# IBhayibheli

## ImiBhalo Engcwele

Lihunyushwe Lisuselwa Ezilimini Zokuqala

YIKOMITI YEBHAYIBHELI LENGUQULO YEZWE ELISHA

—Libukezwe Ngo-2013—

"Yilokhu iNkosi EnguMbusi uJehova
[יהוה, *YHWH*] ekushoyo: ' . . . Bhekani!
Ngidala amazulu amasha nomhlaba omusha;
Izinto zesikhathi esidlule ngeke zikhunjulwe,
Ngeke zifike nasenhliziyweni.'"

—Isaya 65:13, 17; bheka neyesi-2 Petru 3:13.

# ISethulo SeZwi LikaNkulunkulu

IBhayibheli liqukethe izwi noma umyalezo ovela kuNkulunkulu oza kithi namuhla. Lisibonisa indlela esingaphumelela ngayo ekuphileni futhi samukelwe uNkulunkulu. Libuye liphendule le mibuzo:

1. Ungubani uNkulunkulu?
2. Ungaluthola kanjani ulwazi ngoNkulunkulu?
3. Ubani owabhala iBhayibheli?
4. Ingabe iBhayibheli linembile ezintweni eziphathelene nesayensi?
5. Uthini umyalezo weBhayibheli?
6. Yini eyabikezelwa yiBhayibheli ngoMesiya?
7. Yini ebikezelwa yiBhayibheli ngesikhathi esiphila kuso?
8. Ingabe nguNkulunkulu obangela ukuhlupheka kwabantu?
9. Kungani abantu behlupheka?
10. Yini ethenjiswa yiBhayibheli ngekusasa?
11. Kwenzekani kumuntu lapho efa?
12. Yiliphi ithemba esinalo ngabafile?
13. Lithini iBhayibheli ngokusebenza?
14. Ungayiphatha kanjani imali nempahla yakho?
15. Ungayithola kanjani injabulo?
16. Ungabhekana kanjani nokukhathazeka?
17. IBhayibheli lingawusiza kanjani umndeni wakho?
18. Ungasondela kanjani kuNkulunkulu?
19. Yini equkethwe izincwadi ezihlukahlukene zeBhayibheli?
20. Ungazuza kanjani ngokugcwele lapho ufunda iBhayibheli?

### INDLELA YOKUTHOLA AMAVESI EBHAYIBHELI

IBhayibheli lakhiwa izincwadi ezincane ezingu-66. Lihlukaniswe laba izingxenye ezimbili: imiBhalo YesiHebheru neYesi-Aramu ("ITestamente Elidala") nemiBhalo YesiGreki ("ITestamente Elisha"). Incwadi yeBhayibheli ngayinye ihlukaniswe yaba izahluko namavesi. Inombolo yokuqala ngemva kwegama lencwadi ibhekisela esahlukweni, kanti elandelayo ibhekisela evesini noma emavesini. Ngokwesibonelo, uGenesise 1:1 usho ukuthi incwadi kaGenesise isahluko 1, ivesi 1.

Umbuzo 1

# Ungubani uNkulunkulu?

---

“Abantu mabazi ukuthi wena, ogama lakho linguJehova, wena wedwa ungoPhezukonke emhlabeni wonke.”

IHubo 83:18 [Ikhasi 936]

---

“Yazini ukuthi uJehova unguNkulunkulu. Nguye owasenza, singabakhe.”

IHubo 100:3 [Ikhasi 950]

---

“NginguJehova. Yilelo igama lami; anginiki muntu inkazimulo yami, noma izithombe ezibaziwe udumo lwami.”

Isaya 42:8 [Ikhasi 1134]

---

“Ngoba wonke umuntu obiza igama likaJehova uyosindiswa.”

Roma 10:13 [Ikhasi 1720]

---

“Yebo, yileyo naleyo ndlu yakhiwa othile, kodwa owakha zonke izinto uNkulunkulu.”

Hebheru 3:4 [Ikhasi 1820]

“Phakamiselani amehlo enu ezulwini nibone. Ngubani odale lezi zinto? YiLowo okhipha ibutho lazo ngesibalo; zonke uzibiza ngamagama. Ngenxa yamandla akhe amakhulu namangalisayo, ayikho neyodwa engekho endaweni yayo.”

Isaya 40:26 [Ikhasi 1131]



Umbuzo 2

# Ungaluthola kanjani ulwazi ngoNkulunkulu?

"Akufanele uyeke ukukhuluma ngale ncwadi yoMthetho, kumele uyifunde ngezwi eliphansi ubusuku nemini, ukuze ukugcine ngokucophelela konke okulotshwe kuyo; ngoba uma wenza kanjalo uyophumelela futhi uyokwenza ngokuhlakanipha."

Joshuwa 1:8 [Ikhasi 367]

"Baqhubeka beyifunda ngokuzwakalayo incwadi, uMthetho kaNkulunkulu weqiniso, bewuchaza kahle futhi bewucacisa; ngaleyo ndlela babasiza abantu ukuba bakuqonde lokho okwakufundwa."

Nehemiya 8:8 [Ikhasi 773]

"Uyajabula umuntu ongahambi ngeseluleko sababi . . . , kodwa ojabula ngomthetho kaJehova, ufunda umthetho waKhe ngezwi eliphansi imini nobusuku. . . . Konke akwenzayo kuyophumelela."

IHubo 1:1-3 [Ikhasi 861]

"UFiliphu wagijima eceleni kwenqola, wamuzwa efunda ngokuzwakalayo incwadi ka-Isaya umprofethi, wathi: 'Uyakwazi ngempela lokho okufundayo?' Wathi: 'Ngingakwazi kanjani nje ngempela ngaphandle kokuba othile angiqondise?' "

IzEnzo 8:30, 31 [Ikhasi 1668]

"Izimfanelo zakhe ezingabonakali, okuwukuthi amandla akhe aphakade nobuNkulunkulu bakhe, zibonakala ngokucacile kusukela ekudalweni kwezwe kuye phambili, ngoba ziqondakala ngezinto ezenziwe, kangangokuthi abanazaba."

Roma 1:20 [Ikhasi 1708]

---

"Zindla ngalezi zinto; ugxile kuzo, ukuze intuthuko yakho ibonakale ngokucacile kubo bonke abantu."

1 Thimothewu 4:15 [Ikhasi 1805]

---

"Masicabangelane ukuze sivuselelane uthando nemisebenzi emihle, singakuyeki ukuhlangana ndawonye."

Hebheru 10:24, 25 [Ikhasi 1828]

---

"Uma noma ubani kini engenakho ukuhlakanipha, makaqhubeke ekucela kuNkulunkulu, uyomnika kona ngoba ubapha bonke ngesandla esivulekile ngaphandle kokusola."

Jakobe 1:5 [Ikhasi 1835]

Umbuzo 3

# Ubani owabhala iBhayibheli?

---

"UMose wawabhala phansi wonke amazwi kaJehova."

Eksodusi 24:4 [Ikhasi 159]

---

"UDaniyeli wabona iphupho nemibono yekhanda lakhe njengoba elele embhedeni wakhe. Ngakho walibhala phansi leli phupho; wazibhala zonke izindaba."

Daniyeli 7:1 [Ikhasi 1381]

---

"Ngesikhathi namukela izwi likaNkulunkulu, enalizwa ngathi, anilamukelanga njengezwi labantu kodwa njengezwi likaNkulunkulu, njengoba nje liyilo ngempela."

1 Thesalonika 2:13 [Ikhasi 1795]

---

"Yonke imiBhalo iphefumulelwe uNkulunkulu futhi iyasiza ekufundiseni."

2 Thimothewu 3:16 [Ikhasi 1812]

---

"Isiprofetho asikaze silethwe ngentando yomuntu, kodwa abantu bakhuluma okuvela kuNkulunkulu njengoba babeqhutshwa umoya ongcwele."

2 Petru 1:21 [Ikhasi 1848]

Umbuzo 4

# Ingabe iBhayibheli linembile ezintweni eziphathelene nesayensi?

"Welulela isibhakabhaka endaweni engenalutho, alengise umhlaba phezu kweze."


Jobe 26:7 [Ikhasi 829]

"Yonke imifudlana igelezela olwandle, kodwa ulwandle alugcwele. Endaweni imifudlana egelezela kuyo, iphindela khona iphinde igeleze."

UmShumayeli 1:7 [Ikhasi 1047]

"Ukhona Lowo ohlala ngaphezu kwembulunga ewumhlaba."

Isaya 40:22 [Ikhasi 1130]



Umbuzo 5

# Uthini umyalezo weBhayibheli?

---

"Ngizobeka ubutha phakathi kwakho nowesifazane naphakathi kwenzalo yakho nenzalo yakhe. Yona iyochoboza ikhanda lakho, wena uyoyilimaza esithendeni."

Genesise 3:15 [Ikhasi 47]

---

"Ngenzalo yakho zonke izizwe zomhlaba ziyozitholela isibusiso ngenxa yokuthi ulalele izwi lami."

Genesise 22:18 [Ikhasi 72]

---

"UMbuso wakho mawuze. Intando yakho mayenzeke nasemhlabeni njengasezulwini."

Mathewu 6:10 [Ikhasi 1487]

---

"UNkulunkulu onika ukuthula, yena uzomchoboza ngokushesha uSathane ngaphansi kwezinyawo zenu."

Roma 16:20 [Ikhasi 1728]

---

"Lapho zonke izinto sezibekwe ngaphansi kwakhe, khona-ke neNdodana ngokwayo iyozithoba kuLowo owabeka zonke izinto ngaphansi kwayo, ukuze uNkulunkulu abe yikho konke kuwo wonke umuntu."

1 Korinte 15:28 [Ikhasi 1748]

“Izithembiso zakhulunywa ku-Abrahama nasenzalweni yakhe. . . , enguKristu. Ngaphezu kwalokho, uma ningabakaKristu, ngempela niyinzalo ka-Abrahama.”

Galathiya 3:16, 29 [Ikhasi 1770, 1771]

“Umbuso wezwe usunguMbuso weNkosi yethu nokaKristu, iyobusa njengenkosi kuze kube phakade naphakade.”

IsAmbulo 11:15 [Ikhasi 1874]

“Ngakho waphonswa phansi udrako omkhulu, inyoka yokuqala, lowo obizwa ngokuthi uDeveli noSathane, odukisa umhlaba wonke owakhiwe; waphonswa phansi emhlabeni, nezingelosi zakhe zaphonswa phansi kanye naye.”

IsAmbulo 12:9 [Ikhasi 1875]

“Yambamba udrako, inyoka yokuqala, onguDeveli noSathane, yambopha iminyaka engu-1 000.”

IsAmbulo 20:2 [Ikhasi 1884]

Umbuzo 6

# Yini eyabikezelwa yiBhayibheli ngoMesiya?

| ISIPROFETHO | UKUGCWALISEKA |
|---|---|
| "Nawe Bhetlehema-Efratha, . . . kuwe ngiyophunyelwa ozoba umbusi kwa-Israyeli." Mika 5:2 [Ikhasi 1436] | "Ngemva kokuba uJesu esezelwe eBhetlehema laseJudiya ezinsukwini zikaHerode inkosi, kweza eJerusalema ababhula ngezinkanyezi bevela eMpumalanga." Mathewu 2:1 [Ikhasi 1481] |
| "Zihlukaniselana ngezingubo zami, zenza inkatho ngezingubo zami." IHubo 22:18 [Ikhasi 877] | "Manje lapho amasosha esembethele uJesu esigxotsheni, athatha izingubo zakhe zangaphandle azihlukanisa zaba izingxenye ezine, . . . Kodwa le ngubo yangaphansi yayingenawo umthungo, njengoba yayilukiwe kusukela phezulu kuya phansi. Ngakho athi elinye kwelinye: 'Masingayidabuli, kodwa masitholeni ngenkatho ukuthi izoba ngekabani.'" Johane 19:23, 24 [Ikhasi 1648] |

| ISIPROFETHO | UKUGCWALISEKA |
| --- | --- |
| "Uqapha wonke amathambo akhe; akukho nelilodwa lawo eliphuliwe." IHubo 34:20 [Ikhasi 888] | "Kodwa lapho efika kuJesu, awazange ayiphule eyakhe imilenze, ngoba abona ukuthi wayesefile." Johane 19:33 [Ikhasi 1649] |
| "Wahlatshwa ngenxa yesiphambeko sethu." Isaya 53:5 [Ikhasi 1153] | "Kodwa elinye lamasosha lamgwaza ohlangothini ngomkhonto, masinyane kwaphuma igazi namanzi." Johane 19:34 [Ikhasi 1649] |
| "Banginika inkokhelo yami, izinhlamvu zesiliva ezingu-30." Zakariya 11:12, 13 [Ikhasi 1469] | "Khona-ke omunye wabayiShumi Nambili, okuthiwa uJuda Iskariyothe, waya kubapristi abakhulu wathi: 'Nizonginikani ukuze ngimkhaphele kini?' Bamnqumela izinhlamvu zesiliva ezingu-30." Mathewu 26:14, 15; 27:5 [Amakhasi 1521, 1524] |

Umbuzo 7

# Yini ebikezelwa yiBhayibheli ngesikhathi esiphila kuso?

---

"Isizwe siyovukela isizwe nombuso uvukele umbuso . . . Zonke lezi zinto ziwukuqala kwemihelo yokucindezeleka."

Mathewu 24:7, 8 [Ikhasi 1517]

---

"Kuyovela abaprofethi bamanga abaningi, badukise abaningi; ngenxa yokwanda kokwephulwa komthetho, uthando lwabaningi luyophola."

Mathewu 24:11, 12 [Ikhasi 1517]

---

"Lapho nizwa ngezimpi nemibiko yezimpi, ningethuki; lezi zinto kumele zenzeke, kodwa ukuphela kuyobe kungakafiki."

Marku 13:7 [Ikhasi 1552]

---


"Kuyoba khona ukuzamazama komhlaba okukhulu, ezindaweni ngezindawo kube khona ukusweleka kokudla nezifo eziwumshayabhuqe; kuyoba khona imibono eyesabekayo, nasezulwini kube khona izibonakaliso ezinkulu."

Luka 21:11 [Ikhasi 1605]

“Ezinsukwini zokugcina kuyofika izikhathi ezibucayi okunzima ukubhekana nazo. Ngoba abantu bayokuba abazithandayo, abathanda imali, abaqhoshayo, abazazisayo, abahlambalazi, abangalaleli abazali, abangabongi, abangathembekile, abangenalo uthando, abangafuni sivumelwano, abanyundeli, abangakwazi ukuzithiba, abanolaka, abangenalo uthando lokuhle, abakhapheli, abanenkani, abakhukhumele, abathanda injabulo kunokuba bathande uNkulunkulu, ababonakala bezinikele kuNkulunkulu kodwa bewaphika amandla alokho kuzinikela.”

2 Thimothewu 3:1-5

[Ikhasi 1811]



Umbuzo 8

# Ingabe nguNkulunkulu obangela ukuhlupheka kwabantu?

---

"UNkulunkulu weqiniso akakucabangi nokukucabanga ukwenza okubi, uMninimandla Onke akakucabangi ukwenza okungalungile!"

Jobe 34:10 [Ikhasi 840]

---

"Uma umuntu elingwa makangasho ukuthi: 'Ngilingwa uNkulunkulu.' Ngoba uNkulunkulu akanakulingwa ngezinto ezimbi futhi yena ngokwakhe akalingi muntu."

Jakobe 1:13 [Ikhasi 1835]

---

"Niphonse zonke izinkathazo zenu kuye, ngoba uyanikhathalela."

1 Petru 5:7 [Ikhasi 1846]

---

"UJehova akephuzi ukugcwalisa isithembiso sakhe, njengoba abanye abantu becabanga ukuthi uyephuza, kodwa uyanibekezelela ngoba akafisi ukuba kubhubhe ngisho noyedwa, kodwa ufisa ukuba bonke baphenduke."

2 Petru 3:9 [Ikhasi 1850]

Umbuzo 9

# Kungani abantu behlupheka?

---

“Abanejubane abaphumeleli njalo emncintiswaneni, nabanamandla abanqobi njalo empini, nabahlakaniphile ababi nokudla njalo, nongqondongqondo ababi nengcebo njalo, nalabo abanolwazi abaphumeleli njalo ngoba isikhathi nezenzakalo ezingalindelekile zibehlela bonke.”

UmShumayeli 9:11 [Ikhasi 1056]

---

“Ngomuntu oyedwa isono sangena ezweni nokufa kwangena ngesono, ngaleyo ndlela ukufa kwasakazekela kubantu bonke ngenxa yokuthi bonke bonile—.”

Roma 5:12 [Ikhasi 1713]

---

“INdodana kaNkulunkulu yabonakaliswa ngenxa yale njongo, ukuzobhidliza imisebenzi kaDeveli.”

1 Johane 3:8 [Ikhasi 1854]

---

“Lonke izwe lisemandleni omubi.”

1 Johane 5:19 [Ikhasi 1856]

Umbuzo 10

# Yini ethenjiswa yiBhayibheli ngekusasa?

---

“Abalungile bayodla ifa lomhlaba, bahlale kuwo kuze kube phakade.”

IHubo 37:29 [Ikhasi 892]

---

“Umhlaba uhlala kuze kube phakade.”

UmShumayeli 1:4 [Ikhasi 1047]

---

“Uyogwinya ukufa kuze kube phakade, iNkosi EnguMbusi uJehova iyosula izinyembezi ebusweni babo bonke abantu.”

Isaya 25:8 [Ikhasi 1107]

---

“Ngaleso sikhathi amehlo ezimpumputhe ayovulwa, nezindlebe zabayizithulu ziyovulwa. Ngaleso sikhathi olunyonga uyogxumagxuma njengenyamazane, nolimi loyisimungulu luyomemeza ngenjabulo. Ngoba kuyoqhuma amanzi ehlane, kube nemifudlana ethafeni eliwugwadule.”

Isaya 35:5, 6 [Ikhasi 1122]

---

“Uyosula zonke izinyembezi emehlweni abo, ukufa ngeke kusaba khona, noma ukulila noma ukukhala noma ubuhlungu ngeke kusaba khona. Izinto zakudala sezidlulile.”

IsAmbulo 21:4 [Ikhasi 1885]

"Bayokwakha izindlu bahlale kuzo, bayotshala amasimu amagilebhisi badle izithelo zawo. Ngeke bakhe bese kuhlala omunye, ngeke batshale bese kudla abanye. Ngoba izinsuku zabantu bami ziyoba njengezinsuku zesihlahla, abakhethiwe bami bayowujabulela ngokugcwele umsebenzi wezandla zabo."

Isaya 65:21, 22 [Ikhasi 1171]



Umbuzo 11

# Kwenzekani kumuntu lapho efa?

---

"Umoya wayo uyaphuma, iphindele emhlabathini; ngalolo suku imicabango yayo iyashabalala."

IHubo 146:4 [Ikhasi 994]

---

"Abaphilayo bayazi ukuthi bayokufa, kodwa abafile bona abazi lutho . . . Noma yini okwazi ukuyenza, yenze ngawo wonke amandla akho, ngoba akukho msebenzi namacebo nalwazi nakuhlakanipha eThuneni, indawo oya kuyo."

UmShumayeli 9:5, 10 [Ikhasi 1056]

---

"[UJesu] wathi kubo: 'ULazaru umngani wethu ulele, kodwa ngiya khona ukuze ngimvuse.' Nokho, uJesu wayekhuluma ngokufa kwakhe. Kodwa bona bacabanga ukuthi wayekhuluma ngokulala ngoba ephumule. UJesu wabe esethi kubo ngokucacile: 'ULazaru ufile.'"

Johane 11:11, 13, 14 [Ikhasi 1634]

Umbuzo 12

# Yiliphi ithemba esinalo ngabafile?

---

"Ningamangali ngalokhu, ngoba ihora liyeza lapho bonke abasemathuneni beyolizwa izwi layo baphume."

Johane 5:28, 29 [Ikhasi 1623]

---

"Kuyoba khona uvuko lwabalungile nabangalungile."

IzEnzo 24:15 [Ikhasi 1698]

---

"Ngabona abafile, izikhulu nabantukazana, bemi phambi kwesihlalo sobukhosi, futhi imiqulu yavulwa. Kodwa kwavulwa nomunye umqulu; umqulu wokuphila. Abafile bahlulelwa ngokwalezo zinto ezazibhalwe emiqulwini ngokwezenzo zabo. Ulwandle lwakhipha abafile ababekulo, nokufa neThuna kwakhipha abafile ababekukho, bahlulelwa ngamunye ngokwezenzo zabo."

IsAmbulo 20:12, 13 [Ikhasi 1884]

Umbuzo 13

# Lithini iBhayibheli ngokusebenza?

"Uke wambona umuntu onekhono emsebenzini wakhe? Uyokuma phambi kwamakhosi; ngeke ame phambi kwabantukazana."


IzAga 22:29 [Ikhasi 1031]

"Owebayo makangabe eseba; kunalokho makasebenze kanzima, enze umsebenzi omuhle ngezandla zakhe, ukuze abe nokuthile kokupha umuntu oswele."

Efesu 4:28 [Ikhasi 1779]

"Wonke umuntu kufanele adle aphuze futhi ajabule ngawo wonke umsebenzi wakhe onzima. Kuyisipho sikaNkulunkulu."

UmShumayeli 3:13 [Ikhasi 1050]



Umbuzo 14

# Ungayiphatha kanjani imali nempahla yakho?

---

“Othanda ubumnandi uyoba mpofu; othanda iwayini namafutha ngeke acebe.”

IzAga 21:17 [Ikhasi 1029]

---

“Obolekayo uyisigqila sobolekisayo.”

IzAga 22:7 [Ikhasi 1030]

---

“Ubani kini othi efuna ukwakha umbhoshongo angahlali phansi kuqala abale izindleko, ukuze abone ukuthi unakho yini okwanele ukuba awuqede? Ngaphandle kwalokho, angase abeke isisekelo sawo kodwa angakwazi ukuwuqeda, bonke ababukele baqale ukumhleka usulu, bethi: ‘Lo muntu waqala ukwakha kodwa akakwazanga ukuqeda.’ ”

Luka 14:28-30 [Ikhasi 1594]

---

“Kodwa lapho sebesuthi, wathi kubafundi bakhe: ‘Buthani izingcezwana ezisele, ukuze kungachithwa lutho.’ ”

Johane 6:12 [Ikhasi 1624]

Umbuzo 15

# Ungayithola kanjani injabulo?

---

"Singcono isidlo semifino lapho kukhona khona uthando kunenkunzi ekhuluphele ehambisana nenzondo."

IzAga 15:17 [Ikhasi 1020]

---

"Mina, Jehova, nginguNkulunkulu wakho, Lowo okufundisayo ukuze uzuze, Lowo okuqondisa endleleni okufanele uhambe ngayo."

Isaya 48:17 [Ikhasi 1146]

---

"Bayajabula abaqaphelayo ukuthi bayamdinga uNkulunkulu, ngoba uMbuso wamazulu ungowabo."

Mathewu 5:3 [Ikhasi 1484]

---

"Kumele uthande umakhelwane wakho njengoba uzithanda wena."

Mathewu 22:39 [Ikhasi 1514]

---

"Leyo ndlela enifuna abantu benze ngayo kini, yenzani kanjalo nani kubo."

Luka 6:31 [Ikhasi 1574]

---

"Abajabulayo yilabo abezwa izwi likaNkulunkulu baligcine!"


Luka 11:28 [Ikhasi 1586]

“Nalapho umuntu enokuningi, ukuphila kwakhe akuveli ezintweni anazo.”

Luka 12:15 [Ikhasi 1589]

“Ngakho, uma sinokudla nezingubo zokugqoka, siyokwaneliswa yilezi zinto.”

1 Thimothewu 6:8 [Ikhasi 1807]



“Kukhona injabulo eyengeziwe ekupheni kunasekwamukeleni.”

IzEnzo 20:35 [Ikhasi 1691]

Umbuzo 16

# Ungabhekana kanjani nokukhathazeka?

---

"Phonsa umthwalo wakho kuJehova, yena uyokusekela. Akasoze avumele olungile awe."

IHubo 55:22 [Ikhasi 908]

---

"Ngokuqinisekile amacebo okhuthele amenza aphumelele, kodwa bonke abanamawala ngokuqinisekile bazifaka ekuhlupheken i."

IzAga 21:5 [Ikhasi 1029]

---

"Ungesabi ngoba nginawe. Ungakhathazeki ngoba ngingu Nkulunkulu wakho. Ngizokuqinisa, impela ngizokusiza, impela ngizokubamba ngesandla sami sokudla sokulunga."

Isaya 41:10 [Ikhasi 1132]

---

"Ubani kini ongathi ngokukhathazeka anezele ngisho nomzuzu owodwa esikhathini sakhe sokuphila?"

Mathewu 6:27 [Ikhasi 1488]

---

"Ngakho, ningalokothi nikhathazeke ngosuku olulandelayo, ngoba usuku olulandelayo luyoba nezalo izinkathazo. Usuku ngalunye lunezalo izinkinga."

Mathewu 6:34 [Ikhasi 1488]

“Niqiniseke ngezinto ezibaluleke kakhulu.”

Filipi 1:10 [Ikhasi 1783]

“Ningakhathazeki ngalutho, kodwa zonke izicelo zenu zitsheleni uNkulunkulu ngomthandazo, ngokunxusa kanye nokubonga; ukuthula kukaNkulunkulu okudlula konke ukuqonda kuyoqapha izinhliziyo zenu nemicabango yenu ngoKristu Jesu.”

Filipi 4:6, 7 [Ikhasi 1787]



Umbuzo 17

# IBhayibheli lingawusiza kanjani umndeni wakho?

## ABAYENI/OBABA

"Ngendlela efanayo, amadoda kufanele athande omkawo njengemizimba yawo siqu. Indoda ethanda umkayo izithanda yona, ngoba akekho umuntu owake wazonda umzimba wakhe, kodwa uyawondla futhi awuphathe kahle . . . Yilowo nalowo kini kumele athande umkakhe njengoba ezithanda yena."

Efesu 5:28, 29, 33 [Ikhasi 1781]

"Bobaba, ningabacasuli abantwana benu, kodwa qhubekani nibakhulisa ngokubaqeqesha nangesiyalo sikaJehova."

Efesu 6:4 [Ikhasi 1781]

## AMAKHOSIKAZI

"Umfazi kufanele amhloniphe ngokujulile umyeni wakhe."

Efesu 5:33 [Ikhasi 1781]

"Nina bafazi, zithobeni kubayeni benu, ngoba kuyafaneleka eNkosini."

Kolose 3:18 [Ikhasi 1792]

## IZINGANE

"Bantwana, lalelani abazali benu abanobunye neNkosi, ngoba lokhu kulungile. 'Hlonipha uyihlo nonyoko,' lona umyalo wokuqala onalesi sithembiso: 'Ukuze kukuhambele kahle futhi uhlale isikhathi eside emhlabeni.' "

Efesu 6:1-3 [Ikhasi 1781]

"Nina bantwana, lalelani abazali benu kukho konke, ngoba lokhu kuyajabulisa kakhulu eNkosini."

Kolose 3:20 [Ikhasi 1792]

Umbuzo 18

# Ungasondela kanjani kuNkulunkulu?

---

“Wena olalela imithandazo, zonke izinhlobo zabantu zizoza kuwe.”

IHubo 65:2 [Ikhasi 915]

---

“Thembela kuJehova ngayo yonke inhliziyo yakho, ungathembeli kokwakho ukuqonda. Mqaphele kuzo zonke izindlela zakho, yena uyokwenza izindlela zakho ziqonde.”

IzAga 3:5, 6 [ikhasi 1002]

---

“Lokhu kusho ukuphila okuphakade, ukuba bakwazi, wena owukuphela kukaNkulunkulu weqiniso, nalowo omthumile, uJesu Kristu.”

Johane 17:3 [Ikhasi 1644]

---

“Eqinisweni [uNkulunkulu akakude] kulowo nalowo kithi.”

IzEnzo 17:27 [Ikhasi 1685]

---

“Yilokhu engiqhubeka ngikuthandazela, ukuthi sengathi uthando lwenu lungagcwala kakhulu ulwazi olunembile nokuqonda okuphelele.”

Filipi 1:9 [Ikhasi 1783]

"Uma noma ubani kini engenakho ukuhlakanipha, makaqhubeke ekucela kuNkulunkulu, uyomnika kona ngoba ubapha bonke ngesandla esivulekile ngaphandle kokusola."

Jakobe 1:5 [Ikhasi 1835]

---

"Sondelani kuNkulunkulu, naye uyosondela kini. Hlanzani izandla zenu, nina zoni, futhi nihlanze izinhliziyo zenu, nina enimanqikanqika."

Jakobe 4:8 [Ikhasi 1839]

---

"Yilokhu okushiwo uthando ngoNkulunkulu, ukuba sigcine imiyalo yakhe; futhi imiyalo yakhe ayiwona umthwalo."

1 Johane 5:3 [Ikhasi 1856]

Umbuzo 19

# Yini equkethwe izincwadi ezihlukahlukene zeBhayibheli?

## IMIBHALO YESIHEBHERU ("ITESTAMENTE ELIDALA")

### I-PENTATEUCH (IZINCWADI EZINHLANU):

**Genesise, Eksodusi, Levitikusi, Numeri, Duteronomi**
Kusukela ekudalweni komhlaba kuye ekumisweni kwesizwe sakwa-Israyeli wasendulo

### IZINCWADI ZOMLANDO (IZINCWADI EZINGU-12):

**Joshuwa, AbaHluleli, Ruthe**
Ukungena kuka-Israyeli eZweni Lesithembiso nezenzakalo zangemva kwalokho

**Incwadi yoku-1 neyesi-2 Samuweli, eyoku-1 neyesi-2 AmaKhosi neyoku-1 neyesi-2 IziKronike**
Umlando wesizwe sakwa-Israyeli kuze kube sekubhujisweni kweJerusalema

**Ezra, Nehemiya, Esteri**
Umlando wamaJuda ngemva kokubuya ekudingisweni eBhabhiloni

### IZINCWADI EZISANKONDLO (IZINCWADI EZINHLANU):

**Jobe, AmaHubo, IzAga, UmShumayeli, IsiHlabelelo SeziHlabelelo**
Iqoqo lamazwi ahlakaniphile nezingoma

### IZINCWADI ZESIPROFETHO (IZINCWADI EZINGU-17):

**Isaya, Jeremiya, IsiLilo, Hezekeli, Daniyeli, Hoseya, Joweli, Amose, Obadiya, Jona, Mika, Nahume, Habakuki, Zefaniya, Hagayi, Zakariya, Malaki**
Iziprofetho noma izibikezelo eziphathelene nabantu bakaNkulunkulu

## IMIBHALO YAMAKRISTU YESIGREKI (“ITESTAMENTE ELISHA”)

### AMAVANGELI AMANE (IZINCWADI EZINE):

**Mathewu, Marku, Luka, Johane**
Umlando wokuphila kukaJesu nenkonzo yakhe

### IZENZO ZABAPHOSTOLI (INCWADI EYODWA):

Umlando wokuqala kwebandla lobuKristu nomsebenzi wezithunywa zevangeli

### IZINCWADI (EZINGU-21):

**Roma, eyoku-1 neyesi-2 Korinte, Galathiya, Efesu, Filipi, Kolose, eyoku-1 neyesi-2 Thesalonika**
Izincwadi eziya emabandleni obuKristu

**Eyoku-1 neyesi-2 Thimothewu, Thithu, Filemoni**
Izincwadi eziya kumaKristu ahlukahlukene

**Hebheru, Jakobe, eyoku-1 neyesi-2 Petru, eyoku-1, eyesi-2 neyesi-3 Johane, Jude**
Izincwadi ezivamile eziya kumaKristu

### ISAMBULO (INCWADI EYODWA):

Imibono ewuchungechunge yesiprofetho eyanikwa umphostoli uJohane

Umbuzo 20

# Ungazuza kanjani ngokugcwele lapho ufunda iBhayibheli?

**PHENDULA LE MIBUZO NJENGOBA UFUNDA IBHAYIBHELI:**

Lokhu kungitshelani ngoJehova uNkulunkulu?

La mavesi anezela kanjani emyalezweni weBhayibheli?

Ngingakusebenzisa kanjani lokhu ekuphileni kwami?

Ngingawasebenzisa kanjani la mavesi ukuze ngisize abanye?

"Izwi lakho liyisibani esiqondisa izinyathelo zami, nokukhanya okukhanyisa indlela yami."

IHubo 119:105

[Ikhasi 975]



# ISANDULELA

IBhayibheli Elingcwele liyincwadi kaNkulunkulu elotshiwe axhumana ngayo nathi. Kumele silifunde ukuze sazi uMlobi walo. (Johane 17:3; 2 Thimothewu 3:16) Emakhasini alo, uJehova uNkulunkulu wambula inhloso yakhe ngabantu nangomhlaba oyikhaya labo.—Genesise 3:15; IsAmbulo 21:3, 4.

Ayikho enye incwadi ekuthinte kakhulu kangaka ukuphila kwabantu. IBhayibheli lisenza sifise ukubonisa izimfanelo zobuntu bukaJehova eziwuthando, isihe nozwela. Linika ithemba, lisize abantu bakhuthazelele ngisho nokuhlupheka okunzima kakhulu. Liyaqhubeka lidalula izinto zaleli zwe ezingavumelani nentando kaNkulunkulu ephelele.—IHubo 119:105; Hebheru 4:12; 1 Johane 2:15-17.

Ekuqaleni iBhayibheli lalibhalwe ngesiHebheru, isi-Aramu nangesiGreki, manje selihunyushelwe ezilimini ezingaphezu kuka-3 000, liphelele noma liyingxenye. Liyincwadi ehunyushwe futhi yasakazwa kakhulu kunazo zonke emlandweni. Kulindelekile lokho. Isiprofetho seBhayibheli sithi: "Lezi zindaba ezinhle zoMbuso [umyalezo oyinhloko oseBhayibhelini] ziyoshunyayelwa emhlabeni wonke ukuze kube ubufakazi ezizweni zonke, ngemva kwalokho ukuphela kuyofika."—Mathewu 24:14.

Siqaphela ukubaluleka komyalezo weBhayibheli, umgomo wethu bekuwukukhiqiza inguqulo engagcini nje ngokwethembeka emibhalweni yolimi lokuqala kodwa futhi ecacile nefundeka kalula. Izihloko zeSithasiselo ezithi "Iziqondiso Zokuhumusha IBhayibheli," "Okutholakala Kule Nguqulo," nesithi "Indlela IBhayibheli Elafika Ngayo Kithi" zikhuluma ngokuthuthukiswa kolimi okwenziwe kule nguqulo.

Labo abathanda uJehova uNkulunkulu nabamkhulekelayo bafisa inguqulo yeZwi likaNkulunkulu enembile neqondakalayo. (1 Thimothewu 2:4) Ngenxa yalokho, senze inguqulo yesiZulu ebukeziwe, ngokuvumelana nomgomo wethu wokuba i-*Nguqulo Yezwe Elisha YemiBhalo Engcwele* ihunyushelwe ezilimini eziningi ngokwezinga elingafinyeleleka. Siyethemba futhi sithandazela ukuba wena mfundi othandekayo, uyithole izuzisa le nguqulo YemiBhalo Engcwele njengoba uzikhandla 'ekufuneni uNkulunkulu futhi umthole ngempela.'—IzEnzo 17:27.

*IKomiti YeBhayibheli LeNguqulo Yezwe Elisha*

# AMAGAMA EZINCWADI NOKULANDELANA KWAZO

## AWEMIBHALO YESIHEBHERU NEYESI-ARAMU


| INCWADI | ISIFUSHANISO | IKHASI |
| --- | --- | --- |
| Genesise | Gen | 41 |
| Eksodusi | Eks | 122 |
| Levitikusi | Lev | 190 |
| Numeri | Num | 239 |
| Duteronomi | Dut | 308 |
| Joshuwa | Jos | 366 |
| AbaHluleli | Hlu | 404 |
| Ruthe | Rut | 443 |
| 1 Samuweli | 1Sa | 448 |
| 2 Samuweli | 2Sa | 499 |
| 1 AmaKhosi | 1Kh | 544 |
| 2 AmaKhosi | 2Kh | 596 |
| 1 IziKronike | 1Kr | 645 |
| 2 IziKronike | 2Kr | 690 |
| Ezra | Ezr | 745 |
| Nehemiya | Neh | 761 |
| Esteri | Est | 784 |
| Jobe | Job | 797 |
| AmaHubo | Hu | 853 |
| IzAga | IzA | 997 |
| UmShumayeli | Shu | 1046 |
| IsiHlabelelo SeziHlabelelo | Hla | 1059 |
| Isaya | Isay | 1069 |
| Jeremiya | Jer | 1173 |
| IsiLilo | IsiL | 1274 |
| Hezekeli | Hez | 1284 |
| Daniyeli | Dan | 1367 |
| Hoseya | Hos | 1392 |
| Joweli | Jow | 1408 |
| Amose | Amo | 1414 |
| Obadiya | Obad | 1426 |
| Jona | Jon | 1428 |
| Mika | Mik | 1431 |
| Nahume | Nah | 1441 |
| Habakuki | Hab | 1445 |
| Zefaniya | Zef | 1450 |
| Hagayi | Hag | 1455 |
| Zakariya | Zak | 1457 |
| Malaki | Mal | 1472 |


## AWEMIBHALO YAMAKRISTU YESIGREKI


| INCWADI | ISIFUSHANISO | IKHASI |
| --- | --- | --- |
| Mathewu | Mat | 1478 |
| Marku | Mar | 1528 |
| Luka | Luk | 1559 |
| Johane | Joh | 1613 |
| IzEnzo | IzE | 1652 |
| Roma | Rom | 1706 |
| 1 Korinte | 1Ko | 1728 |
| 2 Korinte | 2Ko | 1751 |
| Galathiya | Gal | 1766 |
| Efesu | Efe | 1774 |
| Filipi | Flp | 1782 |
| Kolose | Kol | 1788 |
| 1 Thesalonika | 1Th | 1794 |
| 2 Thesalonika | 2Th | 1799 |
| 1 Thimothewu | 1Ti | 1802 |
| 2 Thimothewu | 2Ti | 1808 |
| Thithu | Tit | 1813 |
| Filemoni | Flm | 1816 |
| Hebheru | Heb | 1817 |
| Jakobe | Jak | 1834 |
| 1 Petru | 1Pe | 1840 |
| 2 Petru | 2Pe | 1847 |
| 1 Johane | 1Jo | 1851 |
| 2 Johane | 2Jo | 1857 |
| 3 Johane | 3Jo | 1858 |
| Jude | Jud | 1859 |
| IsAmbulo | IsA | 1861 |

Ishadi Lezincwadi ZeBhayibheli ............. 1888
Izikhombo Zamagama AseBhayibhelini ... 1890
UHlu Lwezincazelo Zamagama AseBhayibhelini ................................... 1924
ISithasiselo A ...................................... 1973
ISithasiselo B ...................................... 2021

# GENESISE

## UHLU LOKUPHAKATHI

1 Ukudalwa kwamazulu nomhlaba (1, 2)
Izinsuku eziyisithupha zokulungisa umhlaba (3-31)
Usuku lokuqala: ukukhanya; imini nobusuku (3-5)
Usuku lwesibili: umkhathi (6-8)
Usuku lwesithathu: umhlabathi owomile nezitshalo (9-13)
Usuku lwesine: izinkanyiso emkhathini (14-19)
Usuku lwesihlanu: izinhlanzi nezinyoni (20-23)
Usuku lwesithupha: izilwane zasemhlabeni nabantu (24-31)

2 UNkulunkulu uyaphumula ngosuku lwesikhombisa (1-3)
UJehova uNkulunkulu, uMenzi wezulu nomhlaba (4)
Indoda nowesifazane ensimini yase-Edene (5-25)
Umuntu wenziwa ngothuli (7)
Isihlahla esinqatshelwe sokwazi (15-17)
Ukudalwa kowesifazane (18-25)

3 Isiqalo sesono somuntu (1-13)
Amanga okuqala (4, 5)
Ukwahlulela kukaJehova izihlubuki (14-24)
Kubikezelwa inzalo yowesifazane (15)
Bayaxoshwa e-Edene (23, 24)

4 UKhayini no-Abela (1-16)
Inzalo kaKhayini (17-24)
USeti nendodana yakhe u-Enoshe (25, 26)

5 Kusukela ku-Adamu kuya kuNowa (1-32)
U-Adamu wazala amadodana namadodakazi (4)
U-Enoke wahamba noNkulunkulu (21-24)

6 Amadodana kaNkulunkulu azithathela abafazi emhlabeni (1-3)
Kuzalwa amaNefili (4)
UJehova uyadabuka ngobubi babantu (5-8)
UNowa uthunywa ukuba akhe umkhumbi (9-16)
UNkulunkulu umemezela ukuza kukaZamcolo (17-22)

7 Bangena emkhunjini (1-10)
UZamcolo womhlaba wonke (11-24)

8 Amanzi ayabohla (1-14)
Kuthunyelwa ijuba (8-12)
Bayaphuma emkhunjini (15-19)
Isithembiso sikaNkulunkulu ngomhlaba (20-22)

9 Iziqondiso zabo bonke abantu (1-7)
Umthetho omayelana negazi (4-6)
Isivumelwano sothingo (8-17)
Iziprofetho ezimayelana nenzalo kaNowa (18-29)

10 Uhlu lwezizwe (1-32)
Inzalo kaJafete (2-5)
Inzalo kaHamu (6-20)
UNimrode umelana noJehova (8-12)
Inzalo kaShemi (21-31)

11 Umbhoshongo waseBhabhele (1-4)
UJehova uphithanisa ulimi (5-9)
Kusukela kuShemi kuya ku-Abrama (10-32)
Umndeni kaThera (27)
U-Abrama ushiya i-Uri (31)

12 U-Abrama ushiya iHarana uya eKhanani (1-9)
Isithembiso sikaNkulunkulu ku-Abrama (7)
U-Abrama noSarayi eGibhithe (10-20)

13 U-Abrama ubuyela eKhanani (1-4)
U-Abrama noLoti bayahlukana (5-13)
Isithembiso sikaNkulunkulu ku-Abrama siyaphindwa (14-18)

14 U-Abrama usindisa uLoti (1-16)
UMelkhizedeki ubusisa u-Abrama (17-24)

15 Isivumelwano sikaNkulunkulu no-Abrama (1-21)
Kubikezelwa iminyaka engu-400 yokuhlupheka (13)
Isithembiso sikaNkulunkulu ku-Abrama siyaphindwa (18-21)

16 UHagari no-Ishmayeli (1-16)

17 U-Abrahama uzoba ubaba wezizwe eziningi (1-8)
U-Abrama usebizwa ngo-Abrahama (5)
Isivumelwano sokusoka (9-14)

USarayi usebizwa ngoSara (15-17)
U-Isaka indodana ethenjisiwe (18-27)

18 Izingelosi ezintathu zivakashela u-Abrahama (1-8)
USara uthenjiswa indodana; uyahleka (9-15)
U-Abrahama uncengela iSodoma (16-33)

19 ULoti uvakashelwa izingelosi (1-11)
ULoti nomndeni wakhe banxuswa ukuba bahambe (12-22)
ISodoma neGomora kuyabhujiswa (23-29)
UmkaLoti uba insika kasawoti (26)
ULoti namadodakazi akhe (30-38)
Umsuka wabakwaMowabi nabakwa-Amoni (37, 38)

20 USara ukhululwa ku-Abhimeleki (1-18)

21 Ukuzalwa kuka-Isaka (1-7)
U-Ishmayeli ugcona u-Isaka (8, 9)
UHagari no-Ishmayeli bayaxoshwa (10-21)
Isivumelwano sika-Abrahama no-Abhimeleki (22-34)

22 U-Abrahama uyalwa ukuba anikele ngo-Isaka (1-19)
Isibusiso ngenxa yenzalo ka-Abrahama (15-18)
Umndeni wakubo kaRebheka (20-24)

23 Ukufa kukaSara nendawo angcwatshwa kuyo (1-20)

24 U-Isaka ufunelwa umfazi (1-58)
URebheka uyohlangana no-Isaka (59-67)

25 U-Abrahama uyashada futhi (1-6)
Ukufa kuka-Abrahama (7-11)
Amadodana ka-Ishmayeli (12-18)
Ukuzalwa kukaJakobe no-Esawu (19-26)
U-Esawu uthengisa ngobuzibulo bakhe (27-34)

26 U-Isaka noRebheka eGerari (1-11)
Kuqinisekiswa isithembiso sikaNkulunkulu ku-Isaka (3-5)
Kubangwa imithombo (12-25)
Isivumelwano sika-Isaka no-Abhimeleki (26-33)
Abafazi baka-Esawu ababili abangamaHeti (34, 35)

27 UJakobe uthola isibusiso sika-Isaka (1-29)
U-Esawu ufuna isibusiso kodwa akaphenduki (30-40)
Inzondo ka-Esawu ngoJakobe (41-46)

28 U-Isaka uthumela uJakobe ePhadani-aramu (1-9)
Iphupho likaJakobe eBhethele (10-22)
Kuqinisekiswa isithembiso sikaNkulunkulu kuJakobe (13-15)

29 UJakobe uhlangana noRaheli (1-14)
UJakobe uthanda uRaheli (15-20)
UJakobe ushada uLeya noRaheli (21-29)
Amadodana kaJakobe amane awathola kuLeya: uRubeni, uSimeyoni, uLevi noJuda (30-35)

30 UBhiliha uzala uDani noNafetali (1-8)
UZilipha uzala uGadi no-Asheri (9-13)
ULeya uzala u-Isakare noZebhuloni (14-21)
URaheli uzala uJosefa (22-24)
Uyanda umhlambi kaJakobe (25-43)

31 UJakobe uya eKhanani isinyelela (1-18)
ULabani ufica uJakobe (19-35)
Isivumelwano sikaJakobe noLabani (36-55)

32 Izingelosi zihlangabeza uJakobe (1, 2)
UJakobe wenza amalungiselelo okuhlangana no-Esawu (3-23)
UJakobe ubambana nengelosi (24-32)
UJakobe usebizwa ngo-Israyeli (28)

33 UJakobe uhlangana no-Esawu (1-16)
UJakobe uya eShekemi (17-20)

34 UDina uyadlwengulwa (1-12)
Amadodana kaJakobe enza ubuqili (13-31)

35 UJakobe ulahla onkulunkulu bezizwe (1-4)
UJakobe ubuyela eBhethele (5-15)
Ukuzalwa kukaBhenjamini; ukufa kukaRaheli (16-20)
Amadodana ka-Israyeli angu-12 (21-26)
Ukufa kuka-Isaka (27-29)

36 Inzalo ka-Esawu (1-30)
Amakhosi nabaholi bakwa-Edomi (31-43)

37 Amaphupho kaJosefa (1-11)
UJosefa nabafowabo abanomona (12-24)
UJosefa uthengiselwa ebugqilini (25-36)

38 UJuda noThamari (1-30)

39 UJosefa endlini kaPotifari (1-6)
UJosefa wenqaba ukulala nomkaPotifari (7-20)
UJosefa usejele (21-23)

40 UJosefa uchaza amaphupho eziboshwa (1-19)
"Izincazelo . . . ezikaNkulunkulu" (8)
Idili losuku lokuzalwa kukaFaro (20-23)

41 UJosefa uchaza amaphupho kaFaro (1-36)
UJosefa uphakanyiswa uFaro (37-46a)
UJosefa wengamela ukudla (46b-57)

42 Abafowabo bakaJosefa baya eGibhithe (1-4)
UJosefa uhlangana nabafowabo abavivinye (5-25)
Abafowabo babuyela ekhaya kuJakobe (26-38)

43 Abafowabo bakaJosefa babuyela eGibhithe okwesibili; bahamba noBhenjamini (1-14)
UJosefa uphinde ahlangane nabafowabo (15-23)
Idili likaJosefa nabafowabo (24-34)

44 Inkomishi yesiliva kaJosefa esakeni likaBhenjamini (1-17)
UJuda uncengela uBhenjamini (18-34)

45 UJosefa uzazisa kubafowabo (1-15)
Abafowabo bakaJosefa bayolanda uJakobe (16-28)

46 UJakobe nomndeni wakhe bathuthela eGibhithe (1-7)
Amagama alabo abathuthela eGibhithe (8-27)
UJosefa uhlangana noJakobe eGosheni (28-34)

47 UJakobe uhlangana noFaro (1-12)
UJosefa wengamela ngobuhlakani (13-26)
U-Israyeli uhlala eGosheni (27-31)

48 UJakobe ubusisa amadodana kaJosefa amabili (1-12)
U-Efrayimi ubusiswa kakhulu (13-22)

49 Isiprofetho esashiwo uJakobe esezofa (1-28)
UShilo wayeyovela kuJuda (10)
Iziyalezo zokungcwatshwa kukaJakobe (29-32)
Ukufa kukaJakobe (33)

50 UJosefa ungcwaba uJakobe eKhanani (1-14)
UJosefa uqinisekisa abafowabo ngokuthi ubaxolele (15-21)
Izinsuku zokugcina zikaJosefa nokufa kwakhe (22-26)
Iziyalezo zikaJosefa ngamathambo akhe (25)

---

**1** Ekuqaleni uNkulunkulu wadala amazulu nomhlaba.[a]
**2** Umhlaba wawungenalutho, ungenaso isimo esithile, kukhona ubumnyama emanzini ajulile,*[b] futhi umoya kaNkulunkulu#[c] wawehla wenyuka phezu kwamanzi.[d]
**3** UNkulunkulu wathi: "Makube khona ukukhanya." Kwaba khona ukukhanya.[e] **4** Nge-
mva kwalokho uNkulunkulu wabona ukuthi ukukhanya kuhle, waqala ukuhlukanisa ukukhanya nobumnyama. **5** UNkulu-
nkulu wabiza ukukhanya ngokuthi iMini, wabiza ubumnyama ngokuthi uBusuku.[f] Kwaba khona ukuhlwa kwaba khona ukusa, usuku lokuqala.
**6** Ngemva kwalokho uNkulunkulu wathi: "Makube khona umkhathi[a] phakathi kwamanzi futhi amanzi ahlukane phakathi."[b] **7** UNkulunkulu wabe
esenza umkhathi, wahlukanisa amanzi angaphansi komkhathi namanzi angaphezu komkhathi.[c] Kwaba njalo. **8** UNkulu-
nkulu wabiza umkhathi ngokuthi iZulu.* Kwaba khona ukuhlwa kwaba khona ukusa, usuku lwesibili.
**9** Ngemva kwalokho uNkulunkulu wathi: "Amanzi angaphansi kwamazulu mawaqoqane ndawonye, kuvele umhlabathi

**ISAHL. 1**
a Hu 102:25; Isay 42:5; Isay 45:18; Rom 1:20; Heb 1:10; IsA 4:11; IsA 10:6
b IzA 8:27, 28
c Hu 33:6; Isay 40:26
d Hu 104:5, 6
e Isay 45:7; 2Ko 4:6
f Gen 8:22

**Uhla 2**
a Gen 1:20
b 2Pe 3:5
c Gen 7:11; IzA 8:27, 28

---

**1:2** *Noma, "anyakazayo." #Noma, "amandla kaNkulunkulu asebenzayo."

**1:8** *Noma, "iSibhakabhaka."

owomile."[a] Kwaba njalo.
**10** UNkulunkulu wabiza umhla-
bathi owomile ngokuthi uMhla-
ba,[b] kodwa amanzi aqoqene
ndawonye wawabiza ngokuthi
iziLwandle.[c] UNkulunkulu wabo-
na ukuthi kuhle.[d] **11** Ngemva
kwalokho uNkulunkulu wathi:
"Umhlaba mawenze ukuba ku-
hlume utshani, izinto ezimilayo
eziveza imbewu, izihlahla zezi-
thelo ngezinhlobo zazo, ezithela
izithelo kanye nembewu emhla-
beni." Kwaba njalo. **12** Umhla-
ba waqala ukuveza utshani,
izinto ezimilayo eziveza imbe-
wu[e] nezihlahla ezithela izithe-
lo kanye nembewu, ngezinhlo-
bo zako. UNkulunkulu wabona
ukuthi kuhle. **13** Kwaba khona
ukuhlwa kwaba khona ukusa,
usuku lwesithathu.

**14** Ngemva kwalokho uNku-
lunkulu wathi: "Makube kho-
na izinkanyiso[f] emkhathini wa-
mazulu zihlukanise imini nobu-
suku,[g] zizoba izimpawu ezihlu-
kanisa izinkathi, izinsuku nemi-
nyaka.[h] **15** Zizoba izinkanyiso
emkhathini wamazulu zikhanyi-
se phezu komhlaba." Kwaba
njalo. **16** UNkulunkulu wabe
esenza izinkanyiso ezimbili ezi-
nkulu, inkanyiso enkulu ukuba
ibuse imini[i] nenkanyiso enca-
ne ukuba ibuse ubusuku ka-
nye nezinkanyezi.[j] **17** UNkulu-
nkulu wazibeka emkhathini wa-
mazulu ukuba zikhanyise phe-
zu komhlaba **18** nokuba zibu-
se emini nasebusuku futhi zi-
hlukanise ukukhanya nobum-
nyama.[k] UNkulunkulu wabona
ukuthi kuhle. **19** Kwaba kho-
na ukuhlwa kwaba khona uku-
sa, usuku lwesine.

**20** Ngemva kwalokho uNku-
lunkulu wathi: "Amanzi ma-
wagcwale izilwane eziphilayo,*
kundize izilwane# ezindizayo
phezu komhlaba emkhathini
wamazulu."[a] **21** UNkulunkulu
wabe esedala izilwane# ezi-
nkulu zasolwandle nazo zonke
izilwane* eziphilayo ezihamba-
yo, zagcwala emanzini ngokwe-
zinhlobo zazo, nazo zonke izi-
lwane ezindizayo ezinamaphi-
ko ngezinhlobo zazo. UNku-
lunkulu wabona ukuthi kuhle.
**22** Ngemva kwalokho uNkulu-
nkulu wazibusisa, wathi: "Zala-
ni nande nigcwalise amanzi
olwandle,[b] futhi izilwane ezi-
ndizayo mazande emhlabeni."
**23** Kwaba khona ukuhlwa kwa-
ba khona ukusa, usuku lwesi-
hlanu.

**24** Ngemva kwalokho uNku-
lunkulu wathi: "Umhlaba ma-
wuveze izilwane* eziphilayo
ngezinhlobo zazo, izilwane ezi-
fuywayo nezilwane ezihuquze-
layo# nezilwane zasendle nge-
zinhlobo zazo."[c] Kwaba njalo.
**25** UNkulunkulu wabe ese-
nza izilwane zasendle zomhla-
ba ngezinhlobo zazo nezilwane
ezifuywayo ngezinhlobo zazo
nazo zonke izilwane eziha-
mba emhlabathini ngezinhlo-
bo zazo. UNkulunkulu wabona
ukuthi kuhle.

**26** Ngemva kwalokho uNku-
lunkulu wathi: "Masenze[d] umu-
ntu ngomfanekiso wethu,[e] afa-
ne nathi,[f] athotshelwe izinhla-
nzi zolwandle, izilwane ezindi-
zayo zamazulu, izilwane ezifu-
ywayo nayiwo wonke umhla-
ba nazo zonke izilwane eziha-
mba emhlabeni."[g] **27** UNkulu-
nkulu wabe esedala umuntu
ngomfanekiso wakhe, wamda-
la ngomfanekiso kaNkulunku-
lu; wabadala kwaba owesilisa
nowesifazane.[h] **28** Ngaphezu

---

**1:20, 21, 24** *Noma, "imiphefumulo." **1:20** #Noma, "izidalwa."

**1:21** #Noma, "izilo." **1:24** #Noma, "nezilwane ezihambayo," ngokusobala ezihlanganisa nezinwabuzelayo nezinhlobo zezilwane ezihlukile kwezinye.

**ISAHL. 1**

*a* Job 38:8, 11; Hu 104:6-9; Hu 136:6
*b* Hu 95:5
*c* IzA 8:29
*d* Dut 32:4
*e* Hu 104:14
*f* Dut 4:19
*g* Hu 104:19
*h* Gen 8:22
*i* Hu 136:7, 8
*j* Hu 8:3; Jer 31:35
*k* Hu 74:16

**Uhla 2**

*a* Gen 2:19
*b* Neh 9:6; Hu 104:25
*c* Gen 2:19
*d* IzA 8:30; Joh 1:3; Kol 1:16
*e* 1Ko 11:7
*f* Gen 5:1; Jak 3:9
*g* Gen 9:2
*h* Hu 139:14; Mat 19:4; Mar 10:6; 1Ko 11:7, 9

kwalokho, uNkulunkulu waba-
busisa wathi kubo: “Zalani na-
nde, nigcwalise umhlaba[a] niwu-
nqobe,[b] nithotshelwe[c] izinhla-
nzi zolwandle nezilwane ezindi-
zayo zamazulu nazo zonke izi-
lwane eziphilayo ezihamba em-
hlabeni.”
**29** Ngemva kwalokho uNku-
lunkulu wathi: “Ngininike zonke
izinto ezimilayo eziveza imbe-
wu ezikuwo wonke umhlaba
nazo zonke izihlahla ezine-
zithelo eziveza imbewu. Mazibe
ukudla kini.[d] **30** Zonke izilwa-
ne zasendle zomhlaba nazo zo-
nke izilwane ezindizayo zamazu-
lu nayo yonke into ehamba em-
hlabeni okukhona kuyo ukuphi-
la, konke ngikunike izinto ezi-
milayo ukuba zibe ukudla kwa-
ko.”[e] Kwaba njalo.
**31** Ngemva kwalokho uNku-
lunkulu wakubona konke aye-
kwenzile, kwakukuhle kakhulu.[f]
Kwaba khona ukuhlwa kwaba
khona ukusa, usuku lwesithu-
pha.

**2** Ngakho ukudalwa kwamazu-
lu nomhlaba nakho konke
okukukho* kwaphela.[g] **2** Ngo-
suku lwesikhombisa, uNkulu-
nkulu wayesewuqedile umsebe-
nzi ayewenzile, waqala uku-
phumula ngosuku lwesikhombi-
sa kuwo wonke umsebenzi
wakhe ayewenzile.[h] **3** UNkulu-
nkulu walubusisa usuku lwesi-
khombisa wathi lungcwele, ngo-
ba wayephumule ngalo ngemva
kokudala konke ayekuhlosile.
**4** Lona umlando wamazulu
nomhlaba ngesikhathi sokuda-
lwa kwawo, ngosuku uJehova*
uNkulunkulu enza ngalo umhla-
ba nezulu.[i]
**5** Kwakungakabi bikho si-
hlahla emhlabeni futhi kwaku-
ngakabi bikho zinto ezimilayo
ezazihluma, ngoba uJehova
uNkulunkulu wayengakayinisi
imvula emhlabeni futhi kwa-
kungekho muntu ongalima
umhlabathi. **6** Kodwa kwaku-
khuphuka inkungu emhlabeni
imatise wonke umhlabathi.
**7** UJehova uNkulunkulu wa-
be esebumba umuntu ngothu-
li[a] lomhlabathi wafuthela ema-
khaleni akhe umoya wokuphi-
la,[b] umuntu waphila.*[c] **8** Nga-
phezu kwalokho, uJehova
uNkulunkulu watshala insimu
e-Edene,[d] ngasempumalanga;
wambeka lapho umuntu aye-
mbumbile.[e] **9** UJehova uNku-
lunkulu wenza ukuba kumile
emhlabathini zonke izihlahla
ezinhle nezifanelekele ukudli-
wa kanye nesihlahla sokuphi-
la[f] phakathi nensimu nesihla-
hla sokwazi okuhle nokubi.[g]
**10** Kwakukhona umfula owa-
wuphuma e-Edene unisela insi-
mu, futhi ukusuka lapho wa-
wuhlukana ube imifula emi-
ne. **11** Igama lowokuqala iPhi-
shoni; yiwo ozungeze lonke
izwe laseHavila, lapho kukho-
na khona igolide. **12** Igolide la-
kulelo zwe lihle. Kukhona ne-
nomfi* yebhedola netshe le-oni-
kisi. **13** Igama lomfula wesibili
iGihoni; yiwo ozungeze lonke
izwe lakwaKushe. **14** Igama lo-
mfula wesithathu iHidekeli;*[h]
yiwo oya empumalanga ye-Asiri-
ya.[i] Umfula wesine i-Ewufrathe.[j]
**15** UJehova uNkulunkulu
wamthatha umuntu wambeka

ISAHL. 1
*a* Gen 9:1
*b* Gen 2:15
*c* Hu 8:4, 6
*d* Gen 9:3, Hu 104:14, IzE 14:17
*e* Hu 147:9, Mat 6:26
*f* Dut 32:4, Hu 104:24, 1Ti 4:4

ISAHL. 2
*g* Neh 9:6, Hu 146:6
*h* Eks 31:17, Heb 4:4
*i* Isay 45:18

Uhla 2
*a* Gen 3:19, Hu 103:14, Shu 3:20
*b* Gen 7:22, Isay 42:5, IzE 17:25
*c* 1Ko 15:45, 47
*d* Gen 2:15, Gen 3:23
*e* Gen 1:26
*f* Gen 3:22, 24, IsA 2:7
*g* Gen 2:17
*h* Dan 10:4
*i* Gen 10:8, 11
*j* Gen 15:18, Dut 11:24

**2:1** *NgesiHebheru, “nawo wonke amabutho ako.” **2:4** *Igama likaNkulunkulu elimhlukanisayo elithi יהוה (*YHWH*) livela okokuqala. Bheka iSithasiselo A4.

**2:7** *Noma, “waba umphefumulo ophilayo.” NgesiHebheru, *ne′phesh,* okuyigama elisho “isidalwa esiphefumulayo.” Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **2:12** *Noma, “nenhlaka.” **2:14** *Noma, “iTigrisi.”

ensimini yase-Edene uku-
ba ayilime futhi ayinakeke-
le.[a] **16** UJehova uNkulunkulu
wabe esemnika lo myalo umu-
ntu: "Kuzo zonke izihlahla
ezisensimini ungadla usuthe.[b]
**17** Kodwa ngokuqondene nesi-
hlahla sokwazi okuhle nokubi
ungadli kuso, ngoba ngosuku
oyodla ngalo kuso uyokufa no-
kufa."[c]

**18** Ngemva kwalokho uJe-
hova uNkulunkulu wathi: "Aku-
kuhle ukuba umuntu abe ye-
dwa. Ngizomenzela umsizi, abe
umphelelisi wakhe."[d] **19** Ma-
nje uJehova uNkulunkulu wa-
yebumbe ngomhlabathi zonke
izilwane zasendle nazo zonke
izilwane ezindizayo zamazulu,
waziletha kumuntu ukuze abo-
ne ukuthi ngasinye angasiqa-
mba athini; noma yiliphi iga-
ma umuntu ayeliqamba isi-
lwane* ngasinye esiphilayo,
kwaba yigama laso.[e] **20** Nga-
kho umuntu waziqamba ama-
gama zonke izilwane ezifuywa-
yo nezilwane ezindizayo zama-
zulu nazo zonke izilwane za-
sendle, kodwa umuntu waye-
ngenaye umsizi ongumpheleli-
si wakhe. **21** Ngakho uJeho-
va uNkulunkulu wenza uku-
ba umuntu ehlelwe ubutho-
ngo obukhulu, kwathi esalele,
wathatha olunye lwezimbambo
zakhe wabe eseyivala inya-
ma endaweni yalo. **22** UJeho-
va uNkulunkulu wakha uba-
mbo ayeluthathe endodeni lwa-
ba ngowesifazane, wayesemle-
tha endodeni.[f]

**23** Ngemva kwalokho indo-
da yathi:

"Ekugcineni usekhona oyi-
thambo lamathambo ami
Nenyama yenyama yami.
Lo uzobizwa ngokuthi
yiNdodakazi,
Ngoba uthathwe
endodeni."[a]

**24** Yingakho indoda iyoshiya
uyise nonina inamathele ku-
mkayo,* babe nyamanye.[b]
**25** Bobabili babelokhu beha-
mba-ze,[c] indoda nomkayo; ko-
dwa babengenawo amahloni.

**3** Inyoka[d] yayiqaphe* kuna-
zo zonke izilwane zasendle
uJehova uNkulunkulu ayeze-
nzile. Ngakho yathi kowesi-
fazane: "Ingabe uNkulunkulu
ushilo ngempela ukuthi aku-
mele nidle kuzo zonke izihlahla
ezisensimini?"[e] **2** Owesifaza-
ne wathi enyokeni: "Singazi-
dla izithelo zezihlahla ezisensi-
mini.[f] **3** Kodwa mayelana ne-
zithelo zesihlahla esiphakathi
kwensimu,[g] uNkulunkulu uthe:
'Ningadli kuso, cha, ningasithi-
nti; ukuze ningafi.'" **4** Inyoka
yathi kowesifazane: "Ngokuqi-
nisekile ngeke nife.[h] **5** Yingo-
ba uNkulunkulu uyazi ukuthi
ngalo kanye usuku enidla nga-
lo kuso, amehlo enu ayovuleka
futhi niyoba njengoNkulunku-
lu, nazi okuhle nokubi."[i]

**6** Ngenxa yalokho, owesifa-
zane wabona ukuthi isihlahla
sasikufanelekela ukudliwa; sa-
sihaleleka ngempela futhi sisi-
hle.* Ngakho wathatha isithelo
saso wasidla.[j] Kamuva wanika
nomyeni wakhe lapho sebenda-
wonye, naye wadla.[k] **7** Nge-
mva kwalokho amehlo abo bo-
babili avuleka, babona uku-
thi bahamba-ze. Ngakho bathu-
nga amacembe omkhiwane ba-
zenzela izinto zokubhinca.[l]

**8** Kamuva bezwa izwi lika-
Jehova uNkulunkulu njengoba
ayehamba ensimini ngesikhathi

ISAHL. 2
*a* Gen 1:28 Gen 2:8 Hu 115:16
*b* Gen 2:8, 9 Gen 3:2
*c* Gen 3:19 Hu 146:4 Shu 9:5, 10 Hez 18:4 Rom 5:12 1Ko 15:22
*d* 1Ko 11:8, 9 1Ti 2:13
*e* Gen 1:26
*f* Mar 10:9 1Ti 2:13

Uhla 2
*a* 1Ko 11:8
*b* Mal 2:16 Mat 19:5 Mar 10:7, 8 Rom 7:2 1Ko 6:16 Efe 5:31 Heb 13:4
*c* Gen 3:7

ISAHL. 3
*d* 2Ko 11:3 IsA 12:9 IsA 20:2
*e* Gen 2:17
*f* Gen 2:16
*g* Gen 2:8, 9
*h* Joh 8:44 1Jo 3:8
*i* Gen 3:22
*j* 2Ko 11:3 1Ti 2:14 Jak 1:14, 15
*k* Rom 5:12
*l* Gen 3:21

---

**2:19** *Noma, "umphefumulo."

**2:24** *Noma, "ihlale nomkayo." **3:1** *Noma, "yayiyiqili; yayikhohlisa." **3:6** *NgesiHebheru, "sasifiseleka emehlweni."

sokuvunguza komoya,* indoda nomkayo bamcashela uJehova uNkulunkulu phakathi kwezihlahla zensimu. **9** UJehova uNkulunkulu wayelokhu embiza umuntu ethi kuye: “Ukuphi?” **10** Ekugcineni wathi: “Ngizwe izwi lakho ensimini, kodwa bengesaba ngoba bengihamba-ze ngase ngiyacasha.” **11** Kulokho wathi: “Ubani okutshele ukuthi ubuhamba-ze?[a] Ingabe udlile esihlahleni engakuyala ukuba ungadli kuso?”[b] **12** Umuntu wathi: “Owesifazane onginike yena ukuba abe nami, unginike isithelo sesihlahla, ngadla.” **13** UJehova uNkulunkulu wabe esethi kowesifazane: “Yini le oyenzile?” Owesifazane waphendula: “Inyoka ingikhohlisile, ngadla.”[c]

**14** Ngemva kwalokho uJehova uNkulunkulu wathi enyokeni:[d] “Ngenxa yokuthi wenze le nto, uqalekisiwe kuzo zonke izilwane ezifuywayo nakuzo zonke izilwane zasendle. Uyohamba ngesisu, udle uthuli zonke izinsuku zokuphila kwakho. **15** Ngizobeka ubutha*[e] phakathi kwakho[f] nowesifazane[g] naphakathi kwenzalo# yakho[h] nenzalo△ yakhe.[i] Yona iyochoboza⊠ ikhanda lakho,[j] wena uyoyilimaza□ esithendeni.”[k]

**16** Kowesifazane wathi: “Ngizobandisa kakhulu ubuhlungu bokukhulelwa kwakho; uyozala abantwana kabuhlungu, uyoba nesifiso esijulile sokuba nomyeni wakho, futhi yena uyokubusa.”

**17** Ku-Adamu* wathi: “Ngenxa yokuthi ulalele izwi lomkakho wadla esihlahleni engakuyala ngaso ngathi,[a] ‘Ungadli kuso,’ uqalekisiwe umhlabathi ngenxa yakho.[b] Uzodla umkhiqizo wawo ngobuhlungu zonke izinsuku zokuphila kwakho.[c] **18** Uzokuvezela ameva nokhula, futhi uzodla izinto ezimilayo zasendle. **19** Uzodla isinkwa* ngesithukuthuku sobuso bakho uze ubuyele emhlabathini, ngoba wathathwa kuwo.[d] Ngoba uluthuli, uyobuyela othulini.”[e]

**20** Ngemva kwalokhu u-Adamu waqamba umkakhe ngokuthi u-Eva,* ngoba wayezoba unina wabo bonke abantu abaphilayo.[f] **21** UJehova uNkulunkulu wenzela u-Adamu nomkakhe izembatho ezinde zesikhumba ukuze bazigqoke.[g] **22** UJehova uNkulunkulu wabe esethi: “Bheka umuntu usenjengomunye wethu ngokuqondene nokwazi okuhle nokubi.[h] Manje ukuze angeluli isandla sakhe akhe izithelo nasesihlahleni sokuphila[i] adle aphile kuze kube phakade,*—” **23** Ngemva kwalokho uJehova uNkulunkulu wamxosha umuntu ensimini yase-Edene[j] ukuba alime umhlabathi ayethathwe kuwo.[k] **24** Ngakho wamxosha futhi wabeka empumalanga yensimu yase-Edene amakherubi[l] nenkemba eyayilokhu iphenduka futhi ivutha amalangabi ukuba aqaphe indlela eya esihlahleni sokuphila.

**4** U-Adamu walala nomkakhe u-Eva, wakhulelwa.[m] Lapho u-Eva ezala uKhayini,[n] wathi: “Ngithole* ingane yomfana ngosizo lukaJehova.” **2** Kamuva

ISAHL. 3
a Gen 2:25
b Gen 2:17
c 2Ko 11:3; 1Ti 2:14
d Gen 3:1
e IsA 12:7, 17
f IsA 12:9
g IsA 12:1
h Joh 8:44; 1Jo 3:10
i Gen 22:18; Gen 49:10; Gal 3:16, 29
j IsA 20:2, 10
k Mat 27:50; IzE 3:15

Uhla 2
a Gen 2:17
b Gen 5:29
c Rom 8:20
d Gen 2:7
e Hu 104:29; Shu 3:20; Shu 12:7
f IzE 17:26
g Gen 3:7
h Gen 3:5
i Gen 2:9
j Gen 2:8
k Gen 3:19
l Hu 80:1; Isay 37:16; Hez 10:4

ISAHL. 4
m Gen 1:28
n 1Jo 3:10-12; Jud 11

**3:8** *Noma, “ngesikhathi santambama.” **3:15** *Noma, “inzondo.” #NgesiHebheru, “kwembewu.” △NgesiHebheru, “nembewu.” ⊠Noma, “iyolimaza; iyoshaya.” □Noma, “uyoyichoboza; uyoyishaya.” **3:17** *Incazelo: “UmuNtu Wasemhlabeni; IsiNtu; AbaNtu.”

**3:19** *Noma, “ukudla.” **3:20** *Incazelo: “Ophilayo.” **3:22** *Noma, “nini nanini.” **4:1** *Noma, “Ngizale.”

waphinde wazala u-Abela[a]
umfowabo kaKhayini.
U-Abela waba umalusi wom-
hlambi, kodwa uKhayini waba
umlimi womhlabathi. **3** Nge-
mva kwesikhathi esithile,
uKhayini waletha ezinye ezi-
thelo zomhlaba njengomnike-
lo kuJehova. **4** Kodwa u-Abe-
la waletha amazibulo athile
omhlambi wakhe,[b] kanye na-
manoni awo. Nakuba uJeho-
va amamukela u-Abela nomni-
kelo wakhe,[c] **5** akazange neze
amamukele uKhayini nomnike-
lo wakhe. Ngakho uKhayi-
ni wathukuthela kakhulu futhi
wadangala.* **6** UJehova wabe
esethi kuKhayini: "Kungani
uthukuthele kangaka futhi uda-
ngele? **7** Uma ushintsha we-
nze okuhle, ngeke yini uphinde
uboniswe umusa?* Kodwa uma
ungashintsheli ekwenzeni oku-
hle, isono sicuthe emnyango,
sifuna ukukubusa; ingabe uzo-
sihlula?"
**8** Ngemva kwalokho uKhayi-
ni wathi kumfowabo u-Abela:
"Masiye endle." Kwathi lapho
besendle uKhayini wahlasela
umfowabo u-Abela, wambula-
la.[d] **9** Kamuva uJehova wathi
kuKhayini: "Uphi umfowenu
u-Abela?" yena wathi: "Anga-
zi. Yimina yini okufanele aga-
de umfowethu?" **10** UNkulu-
nkulu wathi: "Wenzeni? Lale-
la! Igazi lomfowenu liyakhala
kimi lisemhlabathini.[e] **11** Ma-
nje uqalekisiwe futhi uyadi-
ngiswa kulo mhlabathi ovu-
le umlomo wawo ukuba wamu-
kele igazi lomfowenu esandle-
ni sakho.[f] **12** Lapho ulima
umhlabathi, ngeke ukubuyise-
le umkhiqizo.* Uyoba umha-
mbuma nombaleki emhlabeni."
**13** UKhayini wathi kuJehova:
"Isijeziso sesiphambeko sami
sikhulu kakhulu ukuba nginga-
sithwala. **14** Namuhla uyangi-
xosha emhlabeni,* ngizosithe-
ka ebusweni bakho; ngizoba
umhambuma nombaleki emhla-
beni futhi noma ubani ongitho-
layo uzongibulala nakanjani."
**15** UJehova wathi kuye: "Nge-
nxa yaleso sizathu, noma uba-
ni obulala uKhayini uyojeziswa
kasikhombisa."
Ngakho uJehova wabeka
uphawu* kuKhayini ukuze ku-
ngabi bikho muntu omtholayo
oyomshaya ambulale. **16** Nge-
mva kwalokho uKhayini wasu-
ka phambi kukaJehova wayo-
hlala ezweni lasekuDingiswe-
ni,* empumalanga ye-Edene.[a]
**17** Kamuva uKhayini walala
nomkakhe,[b] wakhulelwa waza-
la u-Enoke. Ngemva kwalo-
kho uKhayini wakha idolo-
bha waliqamba ngegama lendo-
dana yakhe u-Enoke. **18** Ka-
muva u-Enoke wazala u-Ira-
de. U-Irade wazala uMehujaye-
li, uMehujayeli wazala uMethu-
shayeli, uMethushayeli wazala
uLameka.
**19** ULameka wazithathela
abafazi ababili. Igama lowoku-
qala kwakungu-Ada, igama lo-
wesibili kunguZila. **20** U-Ada
wazala uJabale. Waba ngu-
yise walabo abahlala ema-
tendeni nabanemfuyo. **21** Iga-
ma lomfowabo kwakunguJuba-
li. Yena waba uyise wabo bo-
nke abadlala ihabhu nege-
mfe.* **22** UZila naye waza-
la uThubali-khayini, umkha-
ndi wazo zonke izinhlobo za-

ISAHL. 4
a Mat 23:35
b Eks 13:12
c Heb 11:4
d Mat 23:35 1Jo 3:10-12 Jud 11
e Heb 12:24
f Gen 9:5

Uhla 2
a Gen 2:8
b Gen 5:4

**4:5** *NgesiHebheru, "ubuso bakhe banyukubala." **4:7** *Noma, "ngeke yini kube khona ukuphakanyiswa?" **4:12** *NgesiHebheru, "amandla awo." **4:14** *NgesiHebheru, "ebusweni bomhlaba." **4:15** *Lungase lubhekisele emyalweni owawuxwayisa abanye. **4:16** *Noma, "laseNodi." **4:21** *Noma, "nomtshingo."

mathuluzi ethusi nawensimbi.
Udadewabo kaThubali-khayini
kwakunguNahama. **23** Nge-
mva kwalokho uLameka wathi
emakhosikazini akhe u-Ada no-
Zila:

“Yizwani izwi lami, nina
bafazi bakaLameka;
Bekani indlebe emazwini
ami:
Ngibulele umuntu ngoba
engilimazile,
Yebo, insizwa ngoba
ingishayile.
**24** Uma uKhayini kumele
aphindiselelwe kasikho-
mbisa,[a]
Khona-ke uLameka kumele
aphindiselelwe izikhathi
ezingu-77.”

**25** U-Adamu waphinde wa-
lala nomkakhe, wazala indoda-
na. Wayiqamba ngokuthi uSe-
ti*[b] ngoba, njengoba umka-
khe asho, “UNkulunkulu ungi-
nike# enye inzalo△ esikhundle-
ni sika-Abela, ngoba uKhayi-
ni umbulele.”[c] **26** USeti waza-
la indodana, wayiqamba ngoku-
thi u-Enoshe.[d] Ngaleso sikhathi
abantu baqala ukubiza igama
likaJehova.

**5** Lena yincwadi yomlando
ka-Adamu. Mhla uNkulu-
nkulu edala u-Adamu, wame-
nza wafana noNkulunkulu.[e]
**2** Wabadala kwaba owesilisa
nowesifazane.[f] Ngosuku abada-
lwa ngalo,[g] wababusisa futhi
wabaqamba ngokuthi abaNtu.*
**3** U-Adamu waphila iminya-
ka engu-130 wayesezala indo-
dana efana naye, ewumfaneki-
so wakhe, wayiqamba ngo-
kuthi uSeti.[h] **4** Ngemva ko-
kuzala uSeti, u-Adamu wa-
phila iminyaka engu-800. Wa-
zala amadodana namadodaka-
zi. **5** Sezizonke izinsuku zo-
kuphila kuka-Adamu zaba imi-
nyaka engu-930, wayesefa.[a]
**6** USeti waphila iminyaka
engu-105 wayesezala u-Enoshe.[b]
**7** Ngemva kokuzala u-Enoshe,
uSeti waphila iminyaka engu-
807. Wazala amadodana nama-
dodakazi. **8** Sezizonke izinsu-
ku zikaSeti zaba iminyaka engu-
912, wayesefa.
**9** U-Enoshe waphila imi-
nyaka engu-90 wayesezala
uKhenani. **10** Ngemva kokuza-
la uKhenani, u-Enoshe waphila
iminyaka engu-815. Wazala ama-
dodana namadodakazi. **11** Se-
zizonke izinsuku zika-Enoshe
zaba iminyaka engu-905, waye-
sefa.
**12** UKhenani waphila imi-
nyaka engu-70 wayesezala uMa-
halalele.[c] **13** Ngemva kokuza-
la uMahalalele, uKhenani wa-
phila iminyaka engu-840. Waza-
la amadodana namadodakazi.
**14** Sezizonke izinsuku zika-
Khenani zaba iminyaka engu-
910, wayesefa.
**15** UMahalalele waphila imi-
nyaka engu-65 wayesezala uJa-
rede.[d] **16** Ngemva kokuzala
uJarede, uMahalalele waphi-
la iminyaka engu-830. Waza-
la amadodana namadodakazi.
**17** Sezizonke izinsuku zikaMa-
halalele zaba iminyaka engu-
895, wayesefa.
**18** UJarede waphila iminya-
ka engu-162 wabe esezala
u-Enoke.[e] **19** Ngemva kokuzala
u-Enoke, uJarede waphila imi-
nyaka engu-800. Wazala amado-
dana namadodakazi. **20** Sezi-
zonke izinsuku zikaJarede zaba
iminyaka engu-962, wayesefa.
**21** U-Enoke waphila iminya-
ka engu-65 wayesezala uMe-
thusela.[f] **22** Ngemva kokuzala

ISAHL. 4
*a* Gen 4:15
*b* Gen 5:3; 1Kr 1:1
*c* Gen 4:8; Mat 23:35; Heb 11:4
*d* Gen 5:6; Luk 3:23, 38

ISAHL. 5
*e* Gen 1:26; Jak 3:9
*f* Gen 1:27; Mar 10:6
*g* Gen 2:23; Isay 45:12; Mat 19:4
*h* Gen 4:25

Uhla 2
*a* Gen 2:17; Gen 3:19; Rom 6:23; 1Ko 15:22
*b* Gen 4:26; Luk 3:23, 38
*c* Luk 3:23, 37
*d* Luk 3:23, 37
*e* Jud 14
*f* Luk 3:23, 37

---

**4:25** *Incazelo: “Omisiwe; Obekiwe.” #Noma, “ungimisele.” △NgesiHebheru, “imbewu.” **5:2** *Noma, “u-Adamu; isiNtu.”

uMethusela, u-Enoke waqhube-
ka ehamba noNkulunkulu we-
qiniso* iminyaka engu-300. Wa-
zala amadodana namadodaka-
zi. **23** Sezizonke izinsuku zika-
Enoke zaba iminyaka engu-365.
**24** U-Enoke waqhubeka ehamba
noNkulunkulu weqiniso.[a] Nge-
mva kwalokho akabange esa-
ba khona, ngoba uNkulunkulu
wamthatha.[b]

**25** UMethusela waphila imi-
nyaka engu-187 wayesezala
uLameka.[c] **26** Ngemva koku-
zala uLameka, uMethusela wa-
phila iminyaka engu-782. Waza-
la amadodana namadodakazi.
**27** Sezizonke izinsuku zikaMe-
thusela zaba iminyaka engu-
969, wayesefa.

**28** ULameka waphila imi-
nyaka engu-182 wayesezala
indodana. **29** Wayiqamba
ngokuthi uNowa,*[d] ethi: "Lo
uzosikhulula emsebenzini we-
thu nasezandleni zethu ezikha-
thele ngenxa yomhlabathi uJe-
hova awuqalekisile."[e] **30** Nge-
mva kokuzala uNowa, uLameka
waphila iminyaka engu-595. Wa-
zala amadodana namadodaka-
zi. **31** Sezizonke izinsuku zi-
kaLameka zaba iminyaka engu-
777, wayesefa.

**32** Ngemva kokuba uNowa
ehlanganise iminyaka engu-
500, wazala uShemi,[f] uHamu[g]
noJafete.[h]

**6** Manje lapho abantu beqa-
la ukwanda emhlabeni futhi
bezala amadodakazi, **2** ama-
dodana kaNkulunkulu weqini-
so*[i] aqaphela ukuthi amadoda-
kazi abantu ayemahle. Ngakho
azithathela wona aba abafazi
bawo, wonke lawo ayewakhe-
tha. **3** Ngemva kwalokho uJe-
hova wathi: "Umoya wami
ngeke umbekezelele kuze kube
phakade umuntu,[a] ngoba uma-
ne nje uyinyama.* Ngakho izi-
nsuku zakhe zizoba iminyaka
engu-120."[b]

**4** Kwakukhona amaNefili*
emhlabeni ngalezo zinsuku na-
kamuva. Phakathi naleso si-
khathi amadodana kaNkulu-
nkulu weqiniso aqhubeka ela-
la namadodakazi abantu futhi
ewazalela amadodana. Ayenga-
bantu abanamandla bakudala,
amadoda odumo.

**5** Ngenxa yalokho, uJehova
wabona ukuthi ububi bomuntu
babubukhulu emhlabeni noku-
thi imicabango nezifiso zenhli-
ziyo yakhe kwakukubi ngaso
sonke isikhathi.[c] **6** UJehova
wadabuka* ngokuthi wayenze
abantu emhlabeni futhi wezwa
ubuhlungu enhliziyweni ya-
khe.[d] **7** Ngakho uJehova wa-
thi: "Ngizobaqeda nya emhla-
beni abantu engibadalile, umu-
ntu nezilwane ezifuywayo, izi-
lwane ezihuquzelayo nezilwa-
ne ezindizayo zamazulu, ngoba
ngiyadabuka ngokuthi ngikwe-
nzile." **8** Kodwa uNowa wa-
thola umusa kuJehova.

**9** Lona umlando kaNowa.

UNowa wayeyindoda elu-
ngile.[e] Akabanga naphutha*
phakathi kwabantu besikha-
thi sakhe.# UNowa waha-
mba noNkulunkulu weqiniso.[f]
**10** Ngemva kwesikhathi, uNo-
wa wazala amadodana amatha-

ISAHL. 5
a Gen 6:9; Dut 8:6; Dut 13:4; 3Jo 4; Jud 14, 15
b Joh 3:13; Heb 11:5
c Luk 3:23, 36
d Gen 7:1; Hez 14:14; Mat 24:37; Heb 11:7; 1Pe 3:20; 2Pe 2:5
e Gen 3:17
f Gen 10:21; Gen 11:10; Luk 3:23, 36
g Gen 6:10; Gen 10:6
h Gen 10:2

ISAHL. 6
i Job 1:6; Job 38:7; 2Pe 2:4; Jud 6

Uhla 2
a Gen 7:4; 1Pe 3:20
b 2Pe 3:9
c Gen 8:21; Jer 17:9; Mat 15:19
d Hu 78:40, 41
e Gen 7:1; Hez 14:14; Heb 11:7
f 2Pe 2:5

**5:22** *NgesiHebheru, "noNkulunkulu." Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **5:29** *Kungenzeka lisho, "Ukuphumula; Induduzo." **6:2** *Lesi yisisho sesiHebheru esibhekisela emadodaneni kaNkulunkulu ayizingelosi.

**6:3** *Noma, "ngoba wenza ngokuvumelana nenyama." **6:4** *Kungenzeka lisho "abaWisi," okusho ukuthi, labo abawisa abanye. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **6:6** *Noma, "waba lusizi." **6:9** *Noma, "Wayengasoleki." #NgesiHebheru, "kwezizukulwane zakhe."

thu, uShemi, uHamu noJafete.[a]
**11** Kodwa umhlaba wawusu-
wonakele emehlweni kaNkulu-
nkulu weqiniso futhi wawusu-
gcwele ubudlova. **12** UNkulu-
nkulu wabuka umhlaba futhi
wawonakalisiwe;[b] bonke aba-
ntu babenza izinto ezimbi ka-
khulu emhlabeni.[c]
**13** Ngemva kwalokho uNku-
lunkulu wathi kuNowa: "Sengi-
nqume ukuqeda yonke inyama,
ngoba umhlaba ugcwele ubu-
dlova ngenxa yayo, ngakho ngi-
yayiqothula kanye nomhlaba.[d]
**14** Zenzele umkhumbi* ngezi-
ngodo zesihlahla esikhipha
inomfi.[e] Uzokwenza amakame-
lo emkhunjini uwuhuqe ngeti-
yela#[f] ngaphakathi nangapha-
ndle. **15** Nansi indlela ozowe-
nza ngayo: Umkhumbi kufane-
le ube amamitha angu-134 ubu-
de, angu-22 ububanzi, nangu-13
ukuphakama. **16** Uzokwenza
ifasitela* lomkhumbi ukuze ku-
khanye, cishe uhhafu wemitha
uma usuka phezulu. Umnyango
womkhumbi kufanele uwubeke
ohlangothini lwawo,[g] umkhu-
mbi uwenze ube nesitezi soku-
qala, isitezi sesibili nesitezi se-
sithathu.
**17** "Mina ngizoletha uza-
mcolo*[h] emhlabeni ukuze ngi-
qothule phansi kwamazulu yo-
nke inyama okukhona kuyo
umoya wokuphila. Konke
okusemhlabeni kuzoshabala-
la.[i] **18** Ngenza nesivumelwa-
no sami nawe, kumele ungene
emkhunjini, wena namadoda-
na akho, umkakho nabafazi ba-
madodana akho.[j] **19** Kufanele
ungenise emkhunjini izilwane
eziphilayo[k] ngazimbili zazo zo-
nke izinhlobo ukuze uzigcine
ziphila kanye nawe, esensikazi
neseduna;[a] **20** ezilwaneni ezi-
ndizayo ngezinhlobo zazo, ezi-
lwaneni ezifuywayo ngezinhlo-
bo zazo, nakuzo zonke izilwane
ezihuquzelayo zomhlaba ngezi-
nhlobo zazo, kuyongena lapho
kuwe ezimbili ohlotsheni nga-
lunye ukuze uzigcine ziphila.[b]
**21** Wena-ke kumele uqoqe fu-
thi uzithathele zonke izinhlobo
zokudla ozokudla,[c] kube uku-
dla kwakho nokwezilwane."
**22** UNowa wenza konke
uNkulunkulu ayemyale ngakho.
Wenza kanjalo nje.[d]

**7** Ngemva kwalokho uJehova
wathi kuNowa: "Ngena em-
khunjini, wena nawo wonke
umndeni wakho, ngoba uwe-
na engikuthole ulungile pha-
mbi kwami phakathi kwalesi
sizukulwane.[e] **2** Kumele utha-
the zonke izinhlobo zezilwane
ezihlanzekile ngasikhombisa,*[f]
iduna nensikazi; futhi kuzo
zonke izilwane ezingahlanzeki-
le uthathe ngazimbili kuphe-
la, iduna nensikazi; **3** nase-
zilwaneni ezindizayo zamazulu
uthathe ngasikhombisa,* idu-
na nensikazi, ukuze ugcine
inzalo yazo iphila kuwo wo-
nke umhlaba.[g] **4** Ngoba ezi-
nsukwini eziyisikhombisa nje
kuphela ngizonisa imvula[h] em-
hlabeni izinsuku ezingu-40 no-
busuku obungu-40,[i] futhi ngi-
zoyiqeda nya yonke into ephi-
layo engiyenzile emhlabeni."[j]
**5** UNowa wabe esenza konke
uJehova ayemyale ngakho.
**6** UNowa wayeneminyaka
engu-600 ubudala lapho kufi-
ka uzamcolo phezu komhlaba.[k]

---

**6:14** *NgesiHebheru, "ibhokisi"; umkhu-
mbi omkhulu. #Noma, "ngekolitayi."
**6:16** *Noma, "uphahla." **6:17** *Noma,
"imvula enkulu."

**7:2** *Noma kungaba, "amapheya ayisi-
khombisa azo zonke izilwane ezihlanze-
kile." **7:3** *Noma kungaba, "amapheya
ayisikhombisa azo zonke izilwane ezi-
ndizayo zamazulu."

---

ISAHL. 6
*a* Gen 5:32
*b* IsA 11:18
*c* Mat 24:37-39, 2Pe 2:5
*d* Gen 7:4
*e* Heb 11:7
*f* Gen 14:10, Eks 2:3
*g* Gen 7:16
*h* Gen 1:7, Gen 7:6, 11
*i* Gen 7:21, Hu 104:29, Mat 24:39, 2Pe 2:5
*j* Gen 7:13
*k* Gen 8:17

Uhla 2
*a* Gen 7:2
*b* Gen 7:14, 15
*c* Gen 1:29, 30
*d* Eks 40:16, Heb 11:7

ISAHL. 7
*e* Gen 6:9, Heb 10:38, Heb 11:7, 1Pe 3:12, 2Pe 2:5, 9
*f* Gen 8:20
*g* Gen 7:23, Gen 8:19
*h* Gen 2:5
*i* Gen 7:11, 12
*j* Gen 6:7, 17
*k* Gen 8:13

**7** UNowa kanye namadodana
akhe, umkakhe nabafazi bama-
dodana akhe bangena em-
khunjini ungakani uzamcolo.[a]
**8** Kuzo zonke izilwane ezihla-
nzekile nakuzo zonke izilwa-
ne ezingahlanzekile nakuzo
zonke izilwane ezindizayo nayo
yonke into ehamba emhla-
beni,[b] **9** kwangena ngakubili
kuNowa ngaphakathi emkhu-
njini, iduna nensikazi, njengo-
ba nje uNkulunkulu ayemyali-
le uNowa. **10** Kwathi ezinsu-
kwini eziyisikhombisa kamuva,
kwana uzamcolo phezu kom-
hlaba.

**11** Ngonyaka ka-600 woku-
phila kukaNowa, ngenyanga ye-
sibili, ngosuku luka-17 lwenya-
nga, ngalolo suku zonke iziphe-
thu zamanzi ezijulile zaqhuma
namasango amanzi emazulwini
avuleka.[c] **12** Imvula yana em-
hlabeni izinsuku ezingu-40 no-
busuku obungu-40. **13** Ngalo
kanye lolo suku, uNowa wange-
na emkhunjini kanye namado-
dana akhe, uShemi, uHamu no-
Jafete,[d] nomkakhe nabafazi
abathathu bamadodana akhe.[e]
**14** Bangena nazo zonke izilwa-
ne zasendle ngezinhlobo zazo,
nazo zonke izilwane ezifuywa-
yo ngezinhlobo zazo, nazo zo-
nke izilwane ezihuquzelayo em-
hlabeni ngezinhlobo zazo, nazo
zonke izilwane ezindizayo nge-
zinhlobo zazo, zonke izinyoni,
nazo zonke izilwane ezinama-
phiko. **15** Zazilokhu ziya ku-
Nowa ngaphakathi emkhunji-
ni, ngazimbili, zonke izinhlo-
bo zenyama okwakukhona kuzo
umoya wokuphila. **16** Zange-
na, iduna nensikazi kwazo zo-
nke izinhlobo zenyama, njengo-
ba nje uNkulunkulu ayemyalile
uNowa. Ngemva kwalokho uJe-
hova wavala umnyango ngemva
kwakhe.

ISAHL. 7
*a* Luk 17:27; Heb 11:7
*b* Gen 6:19, 20
*c* Gen 1:7; Gen 8:2
*d* Gen 9:18; 1Kr 1:4
*e* Gen 6:18; 1Pe 3:20; 2Pe 2:5

Uhla 2
*a* 2Pe 3:5, 6
*b* Gen 6:7, 17
*c* Luk 17:27
*d* Gen 2:7; Gen 7:15; Shu 3:19; Isay 42:5
*e* Gen 6:7; 2Pe 3:5, 6
*f* Mat 24:37-39; 1Pe 3:20; 2Pe 2:5, 9
*g* Gen 8:3

ISAHL. 8
*h* Gen 6:19, 20; Heb 11:7
*i* Gen 7:11, 12

**17** Uzamcolo wawulokhu una
izinsuku ezingu-40 emhlabe-
ni, amanzi ayelokhu anda fu-
thi aqala ukuphakamisa umkhu-
mbi, wantanta phezulu ngaphe-
zu komhlaba. **18** Amanzi aba
maningi kakhulu futhi ayelokhu
anda kakhulu emhlabeni, kodwa
umkhumbi waqhubeka untanta
phezu kwamanzi. **19** Amanzi
aba maningi kakhulu emhlabe-
ni kangangokuthi zonke izinta-
ba ezinde ezazingaphansi kwa-
wo wonke amazulu zambozeka.[a]
**20** Amanzi akhuphuka aze adlu-
la izintaba ngamamitha angu-
6,5.

**21** Ngakho zonke izilwane
eziphilayo ezazihamba emhla-
beni zashabalala[b]—izilwane ezi-
ndizayo, izilwane ezifuywayo,
izilwane zasendle, nazo zonke
izilwane ezincane ezibhuzayo,
naso sonke isintu.[c] **22** Yonke
into eyayisemhlabathini owo-
mile okwakukhona emakhale-
ni ayo umoya wokuphila yafa.[d]
**23** UNkulunkulu waqeda yo-
nke into ephilayo emhlabeni,
ehlanganisa umuntu, izilwa-
ne, izilwane ezihuquzelayo ne-
zilwane ezindizayo zamazulu.
Kwaqedwa konke emhlabeni;[e]
nguNowa nalabo ababenaye
emkhunjini kuphela abasinda.[f]
**24** Amanzi aqhubeka emani-
ngi emhlabeni izinsuku ezingu-
150.[g]

**8** Kodwa uNkulunkulu wamna-
ka* uNowa nazo zonke izi-
lwane zasendle nezilwane ezi-
fuywayo ezazinaye emkhunjini,[h]
uNkulunkulu wenza ukuba
kuvunguze umoya emhlabeni,
amanzi aqala ukubohla. **2** Izi-
phethu zamanzi ajulile namasa-
ngo amanzi emazulwini kwava-
lwa, ngakho imvula evela ezu-
lwini yanqamuka.*[i] **3** Ngemva

**8:1** *NgesiHebheru, “wamkhumbula.”
**8:2** *Noma, “yavinjwa.”

kwalokho amanzi ayelokhu ebo-
hla emhlabeni. Ekupheleni kwe-
zinsuku ezingu-150, amanzi aye-
sebohlile. **4** Ngenyanga yesi-
khombisa, ngosuku luka-17 lwe-
nyanga, umkhumbi wahlala ezi-
ntabeni zase-Ararati. **5** Ama-
nzi ayelokhu encipha kwaze
kwaba inyanga yeshumi. Nge-
nyanga yeshumi, ngosuku loku-
qala lwenyanga, iziqongo zezi-
ntaba zavela.[a]

**6** Kwathi ekupheleni kwezi-
nsuku ezingu-40, uNowa wavu-
la ifasitela[b] ayelenze emkhunji-
ni **7** wathumela igwababa; la-
lilokhu lindiza ngaphandle li-
phinde libuye, kwaze kwa-
ba yilapho amanzi oma emhla-
beni.

**8** Kamuva wathumela iju-
ba ukuze abone ukuthi ama-
nzi ayesebohlile yini emhla-
bathini. **9** Ijuba aliyitholanga
indawo yokuphumula elalinga-
hlala kuyo,* ngakho labuye-
la kuye emkhunjini ngoba ama-
nzi ayesamboze wonke umhla-
ba.[c] Ngakho wakhiphela isa-
ndla sakhe ngaphandle wali-
ngenisa emkhunjini. **10** Wali-
nda ezinye izinsuku eziyisi-
khombisa, waphinde walithu-
mela ijuba lisuka emkhunjini.
**11** Lapho ijuba lifika kuye nge-
sikhathi sekuzohlwa, wabona
ukuthi kwakukhona iqabunga
lomnqumo elalisanda kukhiwa
emlonyeni walo! Ngakho uNo-
wa wazi ukuthi amanzi aye-
sebohlile emhlabeni.[d] **12** Wa-
linda ezinye futhi izinsuku ezi-
yisikhombisa. Wabe esethume-
la ijuba, kodwa alibange lisabu-
yela kuye.

**13** Ngonyaka ka-601,[e] nge-
nyanga yokuqala, ngosuku lo-
kuqala lwenyanga, amanzi aye-
semuncekile emhlabeni; uNo-
wa wasusa isembozo somkhu-
mbi wayesebona ukuthi umhla-
bathi wawoma. **14** Ngenyanga
yesibili, ngosuku luka-27 lwe-
nyanga, umhlaba wase womile.

**15** UNkulunkulu wathi ku-
Nowa: **16** “Phuma emkhunji-
ni, wena, umkakho, amado-
dana akho nabafazi bamado-
dana akho.[a] **17** Khipha zonke
izidalwa eziphilayo zazo zonke
izinhlobo zenyama,[b] zezilwane
ezindizayo, nezezilwane, neza-
zo zonke izilwane ezihuquze-
layo zomhlaba ukuze zigcwale
emhlabeni, zizale zande emhla-
beni.”[c]

**18** Ngakho uNowa waphu-
ma kanye namadodana akhe,[d]
umkakhe nabafazi bamadoda-
na akhe. **19** Zonke izidalwa
eziphilayo, zonke izilwane ezi-
huquzelayo nazo zonke izi-
lwane ezindizayo, yonke into
ehambayo emhlabeni, kwaphu-
ma ngamaqembu emkhunjini.[e]
**20** Ngemva kwalokho uNowa
wakhela uJehova i-altare[f] futhi
wathatha ezinye zezilwane ezi-
hlanzekile nezinye kuzo zonke
izilwane ezindizayo ezihlanze-
kile,[g] wenza ngazo umnikelo
oshiswayo e-altare.[h] **21** UJe-
hova wahogela iphunga eli-
mnandi.* Ngakho uJehova wa-
thi enhliziyweni yakhe: “Nge-
ke ngiphinde ngiwuqalekise
umhlabathi#[i] ngenxa yomu-
ntu, ngoba izifiso nemicaba-
ngo yenhliziyo yomuntu kubi
kusukela ebusheni bakhe ku-
qhubeke;[j] futhi ngeke ngi-
phinde ngishaye yonke into
ephilayo njengoba ngenzile.[k]
**22** Kusukela manje, emhlabeni
ngeke kuphele ukuhlwanyela

**8:9** *Noma, “indawo elalingabeka kuyo unyawo lwalo.”

**8:21** *Noma, “elanelisayo; elizolisayo.” NgesiHebheru, “elizolile.” #Noma, “ngiyale ukuba kwenzeke okubi emhlabathini.”

ISAHL. 8
a Gen 7:20
b Gen 6:16
c Gen 7:19
d Gen 7:20; Gen 8:3
e Gen 7:6, 11

Uhla 2
a Gen 7:7; 1Pe 3:20; 2Pe 2:5
b Gen 6:19, 20; Gen 7:14, 15
c Gen 1:22
d Gen 6:10
e Gen 7:13, 14
f Gen 12:7
g Gen 7:2; Lev 20:25
h Dut 27:6
i Gen 3:17; Gen 5:29
j Gen 6:5; Shu 7:20; Mat 15:19
k Gen 6:7, 17; Gen 9:11; Isay 54:9

imbewu nokuvuna, amakhaza
nokushisa, ubusika nehlobo ka-
nye nobusuku nemini.”[a]

**9** UNkulunkulu wabe ese-
busisa uNowa namadoda-
na akhe, wathi kubo: “Zala-
ni nande nigcwalise umhla-
ba.[b] **2** Zonke izilwane eziphila-
yo zomhlaba nazo zonke izi-
lwane ezindizayo zamazulu, na-
kho konke okuhamba emhlaba-
thini nazo zonke izinhlanzi zo-
lwandle ziyohlale zinovalo fu-
thi zinesaba kakhulu. Manje
nizozibusa.*[c] **3** Zonke izilwane
ezihambayo eziphilayo zingaba
ukudla kini.[d] Njengoba nje ngi-
ninike izinto ezimilayo ezi-
luhlaza, ngininika zona zonke.[e]
**4** Kuphela nje inyama enegazi
layo,[f] eliwukuphila* kwayo, aku-
mele niyidle.[g] **5** Ngaphandle
kwalokho, ngiyofuna kulandi-
swe ngegazi lenu. Ngiyofuna
ukuba zonke izilwane eziphila-
yo zilandise; umuntu ngamunye
ngiyofuna alandise ngokuphi-
la komfowabo.[h] **6** Noma ubani
ochitha igazi lomuntu, nelakhe
igazi liyochithwa omunye umu-
ntu,[i] ngoba uNkulunkulu we-
nza umuntu ngomfanekiso wa-
khe.[j] **7** Kodwa nina, zalani na-
nde nibe baningi, nigcwale em-
hlabeni.”[k]

**8** Ngemva kwalokho uNkulu-
nkulu wathi kuNowa nasema-
dodaneni akhe ayekanye naye:
**9** “Manje ngenza isivumelwano
sami nani[l] kanye nenzalo yenu,
**10** nazo zonke izidalwa* ezi-
philayo ezikanye nani, izinyo-
ni, izilwane, nazo zonke ezi-
nye izilwane eziphilayo zom-
hlaba ezikanye nani, zonke
ezaphuma emkhunjini—zonke
izilwane eziphilayo zomhlaba.[m]
**11** Yebo, ngenza isivumelwano
sami nani: Inyama* yonke nge-
ke iphinde ibhujiswe ngama-
nzi kazamcolo, uzamcolo ngeke
uphinde uchithe umhlaba.”[a]

**12** UNkulunkulu wanezela:
“Yilolu uphawu lwesivumelwa-
no engisenza phakathi kwa-
mi nani nazo zonke izidalwa*
eziphilayo ezikanye nani, kuzo
zonke izizukulwane ezilandela-
yo. **13** Ngibeka uthingo lwami
efwini, luyoba uphawu lwesi-
vumelwano esiphakathi kwami
nomhlaba. **14** Noma nini la-
pho ngiletha ifu phezu komhla-
ba, nakanjani kuyovela uthingo
efwini. **15** Ngiyosikhumbula
nakanjani isivumelwano sami
engasenza esiphakathi kwami
nani nazo zonke izidalwa ezi-
philayo zazo zonke izinhlo-
bo; amanzi ngeke aphinde abe
uzamcolo ozobhubhisa yonke
inyama.[b] **16** Uthingo luyovela
efwini, nakanjani ngiyolubona
bese ngikhumbula isivumelwa-
no saphakade esiphakathi ku-
kaNkulunkulu nazo zonke izi-
dalwa eziphilayo zazo zonke
izinhlobo emhlabeni.”

**17** UNkulunkulu waphinda
wathi kuNowa: “Lolu uphawu
lwesivumelwano engisenza pha-
kathi kwami nayo yonke inyama
esemhlabeni.”[c]

**18** Amadodana kaNowa
aphuma emkhunjini kwakungu-
Shemi, uHamu noJafete.[d] Ka-
muva uHamu wazala uKhanani.[e]
**19** Lawa womathathu kwaku-
ngamadodana kaNowa, futhi
bonke abantu emhlabeni bavela
kuwo base besakazeka kabanzi.[f]

**20** Manje uNowa waqala
ngokuba umlimi, watshala ama-
gilebhisi ensimini. **21** Lapho
ephuza iwayini, wadakwa, waba
nqunu engaphakathi etende-

**ISAHL. 8**
a Gen 1:14; Hu 74:17; Shu 1:4

**ISAHL. 9**
b Gen 1:28
c Gen 1:26; Jak 3:7
d 1Ti 4:3
e Gen 1:29
f Lev 17:11, 14
g Lev 3:17; Lev 7:26; Lev 17:10, 13; Dut 12:16, 23; IzE 15:20, 29; IzE 21:25
h Gen 4:8, 10; Eks 21:12
i Eks 20:13; Num 35:30; Mat 26:52
j Gen 1:27
k Gen 1:28; Gen 10:32
l Gen 9:15; Isay 54:9
m Gen 8:17

**Uhla 2**
a Gen 8:21
b Gen 8:21
c Gen 9:12, 13
d Gen 5:32; Gen 7:7; Gen 10:1
e Gen 10:6
f Gen 10:32

---

**9:2** *Noma, “zingaphansi kwegunya lenu.” **9:4** *Noma, “eliwumphefumulo.” **9:10, 12** *Noma, “imiphefumulo.”

**9:11** *Noma, “Izinto eziphilayo.”

ni lakhe. 22 UHamu, uyise ka-
Khanani, wabona uyise enqu-
nu, watshela abafowabo ababili
ngaphandle. 23 Ngakho uShe-
mi noJafete bathatha ingubo
bayibeka emahlombe abo boba-
bili bangena phakathi behlehla
nyovane. Babe sebemboza ubu-
nqunu bukayise kuyilapho ubu-
so babo bufulathele, abambo-
nanga uyise enqunu.
24 Lapho selisile iwayini ku-
Nowa futhi ezwa ngalokho
indodana yakhe encane* eyayi-
kwenzile kuye, 25 wathi:

"Makaqalekiswe uKhanani.[a]
Makabe isigqila sabafowa-
bo esiphansi kunazo zo-
nke."[b]

26 Wanezela:

"Makadunyiswe uJehova,
uNkulunkulu kaShemi,
UKhanani abe isigqila
sikaShemi.*[c]
27 UNkulunkulu makanike
uJafete indawo eyanele,
Futhi ahlale ematendeni
kaShemi.
UKhanani makabe isigqila
sakhe futhi."

28 UNowa waphila iminyaka
engu-350 ngemva kukaZamco-
lo.[d] 29 Ngakho sezizonke izi-
nsuku zikaNowa zaba iminyaka
engu-950, wayesefa.

**10** Lona umlando wamado-
dana kaNowa, uShemi,[e]
uHamu noJafete.

Azala amadodana ngemva ku-
kaZamcolo.[f] 2 Amadodana ka-
Jafete kwakunguGomere,[g] uMa-
gogi,[h] uMadayi, uJavani, uThu-
bhali,[i] uMesheke[j] noTirase.[k]
3 Amadodana kaGomere
kwakungu-Ashikenaze,[l] uRifa-
te noThogarma.[m]
4 Amadodana kaJavani
kwakungu-Elishahi,[a] uThari-
shishi,[b] uKitimi[c] noDodanimi.
5 Abantu baseziqhingini bave-
la kuwo, basakazekela ema-
zweni abo ngokwezilimi zabo,
ngokwemindeni yabo nango-
kwezizwe zabo.
6 Amadodana kaHamu kwa-
kunguKushe, uMizrayimi,[d] uPhu-
thi[e] noKhanani.[f]
7 Amadodana kaKushe
kwakunguSeba,[g] uHavila, uSa-
bhitha, uRahama[h] noSabhi-
theka.
Amadodana kaRahama kwa-
kunguSheba noDedani.
8 UKushe wazala uNimro-
de. UNimrode waba owoku-
qala ukuba namandla emhla-
beni. 9 Waba umzingeli ona-
mandla omelene noJehova.
Yingakho kukhona isisho esi-
thi: "NjengoNimrode, umzi-
ngeli onamandla omelene
noJehova." 10 Ukuqala ko-
mbuso wakhe kwaba seBha-
bhele,*[i] e-Erekhi,[j] e-Akade na-
seKhaline, ezweni laseShina-
ri.[k] 11 Wasuka kulelo zwe
waya e-Asiriya,[l] wakha iNi-
neve,[m] iRehobhoti-Iri, iKhala
12 neResene, phakathi kwe-
Nineve neKhala: Leli idolobha
elikhulu.*
13 UMizrayimi wazala uLu-
dimi,[n] u-Anamimi, uLehabhi-
mi, uNafithuhimi,[o] 14 uPha-
thirusimi,[p] uKhasiluhimi
(okwavela kuye amaFilisti[q])
noKhafitorimi.[r]
15 UKhanani wazala uSi-
doni,[s] izibulo lakhe, uHe-
ti[t] 16 kanye nomJebusi,[u] um-
Amori,[v] umGirigashi, 17 um-
Hivi,[w] umArike, umSini,

9:24 *EBhayibhelini igama elithi "indo-
dana" lingabhekisela nakumzukulu.
9:26 *NgesiHebheru, "sakhe."

10:10 *Noma, "Amadolobha okuqala
ombuso wakhe kwaba elaseBhabhele."
10:12 *Noma kungaba, "Akha idolobha
elikhulu."

ISAHL. 9
a Dut 7:1
b Jos 17:13
c Hlu 1:28
d Gen 7:6

ISAHL. 10
e Luk 3:23, 36
f Gen 9:18, 19
g Hez 38:6
h Hez 38:2
i Isay 66:19
Hez 27:13
j Hu 120:5
Hez 32:26
k 1Kr 1:5-7
l Jer 51:27
m Hez 27:14
Hez 38:6

Uhla 2
a Hez 27:7
b Jon 1:3
c Isay 23:1
d Gen 50:11
e Jer 46:9
Nah 3:9
f Num 34:2
1Kr 1:8-10
g Hu 72:10
h Hez 27:22
i Gen 11:9
j Ezr 4:9
k Dan 1:2
l Mik 5:6
m Jon 3:3
Mat 12:41
n Jer 46:9
o 1Kr 1:11, 12
p Hez 29:14
q Jos 13:2, 3
Jer 47:4
r Dut 2:23
s Jos 13:6
Mar 7:24
t Gen 25:10
Gen 27:46
1Kr 1:13-16
u Hlu 1:21
v Gen 15:16
Dut 3:8
w Jos 11:3

**18** umArivadi,[a] umZemari
nomHamati.[b] Ngemva kwalo-
kho, imindeni yamaKhanani
yahlakazeka. **19** Ngakho um-
ngcele wamaKhanani wawuqa-
la eSidoni uze uyofika eGe-
rari,[c] eduze kwaseGaza,[d]
ufika naseSodoma, eGomo-
ra,[e] e-Adima naseZebhoyimi,[f]
eduze kwaseLasha. **20** Lawa
kwakungamadodana kaHamu
ngokwemindeni yawo nango-
kwezilimi zawo, ngokwamazwe
awo nangokwezizwe zawo.

**21** UShemi naye wazala izi-
ngane, ungukhokho wawo wo-
nke amadodana ka-Ebhere[g] no-
mfowabo kaJafete omdala
kunabo bonke.* **22** Amadoda-
na kaShemi kwakungu-Elamu,[h]
u-Ashuri,[i] u-Arpakishade,[j] uLu-
de no-Aramu.[k]

**23** Amadodana ka-Aramu
kwakungu-Uze, uHule, uGete-
ri noMashe.

**24** U-Arpakishade waza-
la uShela,[l] uShela wazala
u-Ebhere.

**25** U-Ebhere wazala ama-
dodana amabili. Igama lenye
kwakunguPhelege,*[m] ngoba
esikhathini sokuphila kwa-
yo kwahlukaniswa umhlaba.#
Igama lomfowabo kunguJoki-
thani.[n]

**26** UJokithani wazala
u-Alimodade, uShelefi, uHa-
zarimaveti, uJera,[o] **27** uHa-
doramu, u-Uzali, uDikila,
**28** u-Obhali, u-Abhimayeli,
uSheba, **29** u-Ofiri,[p] uHavila
noJobabi; bonke laba babenga-
madodana kaJokithani.

**30** Indawo yabo yokuhlala
yayiqala eMesha ize ifike eSe-
fari, isifunda esinezintaba sa-
seMpumalanga.

**31** Lawa kwakungamadoda-
na kaShemi ngokwemindeni
yawo nangokwezilimi zawo,
ngokwamazwe awo nangokwe-
zizwe zawo.[a]

**32** Lena kwakuyimindeni
yamadodana kaNowa ngokoza-
lo lwayo nangokwezizwe zayo.
Izizwe zasakazeka emhlabe-
ni zisuka kule mindeni ngemva
kukaZamcolo.[b]

**11** Bonke abantu emhla-
beni babekhuluma uli-
mi olulodwa, beneqoqo eli-
lodwa lamagama.* **2** Njengo-
ba beya ngasempumalanga, ba-
thola ithafa ezweni laseShina-
ri,[c] bahlala khona. **3** Ngemva
kwalokho bathi omunye ko-
munye: "Wozani! Masenze iziti-
ni sizibhake ngomlilo." Ngakho
basebenzisa izitini esikhundle-
ni setshe, netiyela laba udaka
lwabo. **4** Base bethi: "Wozani!
Masizakhele idolobha nombho-
shongo onesiqongo esisema-
zulwini, sizenzele igama, uku-
ze singahlakazeki kuwo wonke
umhlaba."[d]

**5** UJehova wabe esehla
ukuze abone idolobha nombho-
shongo abantu ababewakhile.
**6** Ngemva kwalokho uJehova
wathi: "Bayisizwe esisodwa esi-
khuluma ulimi olulodwa[e] fu-
thi yilokhu asebeqale uku-
kwenza. Manje akukho lutho
abangase bacabange ukulwe-
nza oluyobehlula. **7** Masehle[f]
siphithanise ulimi lwabo uku-
ze bangaluqondi ulimi lomu-
nye nomunye." **8** Ngakho uku-
suka lapho uJehova wabahla-
kazela kuwo wonke umhlaba,[g]
kancane kancane bayeka ukwa-
kha lelo dolobha. **9** Yingakho
laqanjwa ngokuthi yiBhabhe-
le,*[h] ngenxa yokuthi uJehova

---

**10:21** *Noma kungaba, "nomfowabo omdala kaJafete." **10:25** *Incazelo: "Ukuhlukana." #Noma, "abantu basemhlabeni."

**11:1** *Noma, "benenqolobane eyodwa yamagama." **11:9** *Incazelo: "Ukuphithana."

---

**ISAHL. 10**
a Hez 27:11
b 1Kh 8:65
c Gen 20:1
d Jos 15:20, 47; IzE 8:26
e Gen 13:10; Gen 19:24; Jud 7
f Dut 29:23
g Gen 11:17
h Ezr 4:9; IzE 2:8, 9
i Hez 27:23
j Gen 11:10
k 1Kr 1:17
l Gen 11:12; Luk 3:23, 35
m Gen 11:16
n 1Kr 1:19
o 1Kr 1:20-23
p 1Kh 9:28; 1Kh 10:11

**Uhla 2**
a Gen 10:5
b Gen 9:7; Gen 9:19; IzE 17:26

**ISAHL. 11**
c Gen 10:9, 10; Dan 1:2
d Gen 9:1
e Gen 11:1
f Gen 1:26
g Dut 32:8
h Jer 50:1

waluphithanisa khona ulimi
lomhlaba wonke, futhi uJe-
hova wabahlakaza basuka la-
pho baya kuwo wonke um-
hlaba.

**10** Lona umlando kaShemi.[a]

UShemi wayeneminyaka
engu-100 ubudala lapho eza-
la u-Arpakishade[b] eminyakeni
emibili ngemva kukaZamcolo.
**11** Ngemva kokuzala u-Arpaki-
shade, uShemi waphila iminya-
ka engu-500. Wazala amadoda-
na namadodakazi.[c]

**12** U-Arpakishade waphila
iminyaka engu-35, wayesezala
uShela.[d] **13** Ngemva kokuzala
uShela, u-Arpakishade waphi-
la iminyaka engu-403. Wazala
amadodana namadodakazi.

**14** UShela waphila iminyaka
engu-30, wayesezala u-Ebhere.[e]
**15** Ngemva kokuzala u-Ebhere,
uShela waphila iminyaka engu-
403. Wazala amadodana nama-
dodakazi.

**16** U-Ebhere waphila iminya-
ka engu-34, wayesezala uPhe-
lege.[f] **17** Ngemva kokuzala
uPhelege, u-Ebhere waphila imi-
nyaka engu-430. Wazala amado-
dana namadodakazi.

**18** UPhelege waphila imi-
nyaka engu-30, wayesezala
uRehu.[g] **19** Ngemva kokuzala
uRehu, uPhelege waphila imi-
nyaka engu-209. Wazala amado-
dana namadodakazi.

**20** URehu waphila iminyaka
engu-32, wayesezala uSerugi.
**21** Ngemva kokuzala uSerugi,
uRehu waphila iminyaka engu-
207. Wazala amadodana nama-
dodakazi.

**22** USerugi waphila iminya-
ka engu-30, wayesezala uNaho-
ri. **23** Ngemva kokuzala uNa-
hori, uSerugi waphila iminya-
ka engu-200. Wazala amadoda-
na namadodakazi.

**24** UNahori waphila iminya-
ka engu-29, wayesezala uThera.[a]
**25** Ngemva kokuzala uThera,
uNahori waphila iminyaka engu-
119. Wazala amadodana namado-
dakazi.

**26** UThera waphila iminya-
ka engu-70, okwathi ngemva
kwayo wazala u-Abrama,[b] uNa-
hori[c] noHarana.

**27** Lona umlando kaThera.

UThera wazala u-Abrama,
uNahori noHarana; uHarana
wazala uLoti.[d] **28** Ngesikha-
thi uyise kaThera esaphila,
uHarana wafela ezweni azale-
lwa kulo, e-Uri[e] lamaKhaledi.[f]
**29** U-Abrama noNahori bazi-
thathela abafazi. Igama lomka-
Abrama kwakunguSarayi,[g] iga-
ma lomkaNahori kunguMilka,[h]
indodakazi kaHarana, uyise
kaMilka noJiska. **30** USara-
yi wayeyinyumba,[i] engenam-
ntwana.

**31** Ngemva kwalokho uThe-
ra wathatha u-Abrama indo-
dana yakhe noLoti umzuku-
lu wakhe,[j] indodana kaHarana,
noSarayi umalokazana wakhe,
umka-Abrama indodana ya-
khe, baphuma naye e-Uri la-
maKhaledi baya ezweni lase-
Khanani.[k] Ngemva kwesikhathi
bafika eHarana[l] bahlala khona.
**32** Izinsuku zikaThera zaba
yiminyaka engu-205. Ngemva
kwalokho uThera wafela eHa-
rana.

**12** UJehova wathi ku-Abra-
ma: "Phuma ezweni laki-
ni nasezihlotsheni zakho nase-
ndlini kayihlo uye ezweni engi-
zokutshengisa lona.[m] **2** Ngi-
zokwenza ube isizwe esikhu-
lu, ngikubusise, ngenze igama
lakho libe likhulu, futhi uzo-
ba isibusiso.[n] **3** Ngiyobabusi-
sa labo abakubusisayo, ngi-
qalekise okuqalekisayo,[o] yonke

ISAHL. 11

a Gen 6:10; Luk 3:23, 36
b Gen 10:22; 1Kr 1:17
c Gen 10:21
d Gen 10:24; 1Kr 1:18; Luk 3:23, 35
e Gen 10:21; 1Kr 1:18
f Gen 10:25; 1Kr 1:19
g Luk 3:23, 35

Uhla 2

a Gen 11:32; Luk 3:23, 34
b Gen 12:7; Gen 15:1, 6; Gen 17:5; Jak 2:23
c Jos 24:2
d Gen 12:4; Gen 19:1; 2Pe 2:7
e Gen 15:7; Neh 9:7
f IzE 7:4
g Gen 12:11; Gen 17:15; Gen 20:12, 13; 1Pe 3:6
h Gen 22:20; Gen 24:15
i Gen 16:1, 2; Rom 4:19; Heb 11:11
j Gen 11:27, 28
k Gen 10:19
l Gen 12:4; Gen 27:42, 43; IzE 7:2, 4

ISAHL. 12

m Jos 24:3; IzE 7:3, 4
n Gen 13:14, 16; Gen 15:1, 5; Gen 17:5; Gen 22:17, 18; Dut 26:5
o Gen 27:29, 30

imindeni yomhlaba nakanjani
iyobusiswa* ngawe.”[a]
**4** Ngakho u-Abrama waha-
mba njengoba nje uJeho-
va ayemtshelile, uLoti wa-
hamba naye. U-Abrama wa-
yeneminyaka engu-75 ubuda-
la lapho ehamba eHarana.[b]
**5** U-Abrama wathatha umka-
khe uSarayi[c] noLoti indodana
yomfowabo[d] nayo yonke impa-
hla ababeyiqongelele[e] nabantu
ababebathole eHarana, bange-
na indlela baya ezweni lase-
Khanani.[f] Lapho befika ezweni
laseKhanani, **6** u-Abrama wa-
nqamula izwe waze wafika
endaweni yaseShekemi,[g] edu-
ze kwezihlahla ezinkulu zika-
More.[h] Ngaleso sikhathi kwa-
kukhona amaKhanani ezweni.
**7** Ngemva kwalokho uJeho-
va wabonakala ku-Abrama wa-
thi: “Leli zwe[i] ngizolinika inza-
lo*[j] yakho.” Ngakho wamakhela
lapho i-altare uJehova, owaye-
bonakale kuye. **8** Kamuva wa-
suka lapho waya esifundeni
esinezintaba empumalanga ye-
Bhethele[k] wagxumeka itende
lakhe, iBhethele lisentshonala-
nga, i-Ayi[l] lisempumalanga. Wa-
makhela lapho uJehova[m]
i-altare, waqala ukumemeze-
la igama likaJehova.[n] **9** Nge-
mva kwalokho u-Abrama wasu-
ka waya ngaseNegebhi,[o] elokhu
ethutha esuka kwenye indawo
aye kwenye.
**10** Kwase kuba khona indla-
la ezweni, u-Abrama wehla
waya eGibhithe ukuze ayohla-
la khona isikhashana,*[p] ngo-
ba indlala yayinkulu ezweni.[q]
**11** Lapho nje esezongena eGi-
bhithe, wathi kuSarayi umka-
khe: “Ngicela ulalele! Ngiyazi
ukuthi ungowesifazane omuhle
kangakanani.[a] **12** Lapho ama-
Gibhithe ekubona, nakanjani
azothi, ‘Lo umkakhe.’ Bese eya-
ngibulala, kodwa wena aku-
yeke angakubulali. **13** Ngice-
la uthi ungudadewethu, uku-
ze kungihambele kahle nge-
nxa yakho, usindise ukuphila*
kwami.”[b]
**14** Lapho nje u-Abrama
engena eGibhithe, amaGibhi-
the aphawula ukuthi owesi-
fazane wayemuhle kakhulu.
**15** Izikhulu zikaFaro nazo za-
mbona, zaqala ukumbabaza
kuFaro, kangangokuthi lona
wesifazane wathathwa wayi-
swa endlini kaFaro. **16** UFa-
ro wamphatha kahle u-Abrama
ngenxa yakhe, waba nezimvu,
izinkomo, izimbongolo zeduna
nezensikazi, izinceku nezince-
kukazi namakamela.[c] **17** Nge-
mva kwalokho uJehova washa-
ya uFaro nomndeni wakhe nge-
zifo* ezinkulu ngenxa kaSa-
rayi, umka-Abrama.[d] **18** Nga-
kho uFaro wabiza u-Abrama
wathi: “Yini le ongenze yona?
Awungitshelanga ngani uku-
thi ungumkakho? **19** Kungani
uthe, ‘Ungudadewethu,’[e] ngize
ngicishe ngimthathe abe umka-
mi? Nangu umkakho. Mtha-
the uhambe!” **20** Ngakho uFa-
ro wanika amadoda iziyalezo
ngokuphathelene naye, amphe-
lezela yena nomkakhe nakho
konke ayenakho.[f]

# 13
Ngemva kwalokho u-Abra-
ma wakhuphuka wa-
phuma eGibhithe waya eNege-
bhi,[g] yena nomkakhe nakho
konke ayenakho, kanye noLo-
ti. **2** U-Abrama wayenemfuyo,
isiliva negolide okuningi kakhu-
lu.[h] **3** Wayelokhu ethutha esu-
ka kwenye indawo aye kwenye

**12:3** *Noma, “iyozitholela izibusiso.” **12:7** *NgesiHebheru, “imbewu.” **12:10** *Noma, “ayohlala khona njengesifiki.”

**12:13** *Noma, “umphefumulo.” **12:17** *Noma, “ngezinhlekelele.”

**ISAHL. 12**
*a* IzE 3:25; Gal 3:8
*b* Heb 11:8
*c* Gen 11:29
*d* Gen 11:31
*e* Gen 13:5, 6
*f* Gen 26:3
*g* IzE 7:15, 16
*h* Gen 35:4; Dut 11:29, 30
*i* Gen 13:14, 15; Gen 15:1, 7; Gen 17:1, 8; Dut 34:4
*j* Gen 3:15; Gen 21:12; Gen 28:13, 14; Rom 9:7; Gal 3:16
*k* Gen 28:16-19; Gen 31:13
*l* Gen 13:1, 3; Jos 7:2
*m* Gen 8:20; Gen 35:2, 3
*n* Gen 26:25
*o* Gen 20:1; Gen 24:62
*p* Hu 105:13
*q* Gen 26:1, 2

**Uhla 2**
*a* Gen 26:7
*b* Gen 20:11, 12
*c* Gen 20:14; Gen 24:34, 35
*d* Gen 11:29; Gen 17:15; Gen 23:2, 19
*e* Gen 20:11, 12
*f* Hu 105:14

**ISAHL. 13**
*g* Gen 12:9; Gen 20:1
*h* Gen 24:34, 35

njengoba ayeshiya iNegebhi eya
eBhethele, kwaze kwaba yilapho
efika endaweni okwakukhona
kuyo itende lakhe phakathi kwe-
Bhethele ne-Ayi,[a] **4** endaweni
ayakhe kuyo i-altare. U-Abrama
walimemezela lapho igama lika-
Jehova.

**5** ULoti, owayehamba no-
Abrama, naye wayenezimvu,
izinkomo namatende. **6** Nga-
kho indawo ayibavumelanga
ukuba bahlale bonke ndawo-
nye; impahla yabo yayisini-
ngi kakhulu kangangokuba ba-
bengasakwazi ukuhlala ndawo-
nye. **7** Ngenxa yalokho, abe-
lusi bemfuyo ka-Abrama nabe-
lusi bemfuyo kaLoti baxa-
bana. (Ngaleso sikhathi kwa-
kuhlala amaKhanani nama-
Pherizi ezweni.)[b] **8** U-Abra-
ma wathi kuLoti:[c] "Ngiyacela,
makungabikho kuxabana pha-
kathi kwami nawe naphakathi
kwabelusi bami nabelusi ba-
kho ngoba wena ungumfowe-
thu. **9** Ungakhetha noma iyi-
phi indawo ofuna ukuhlala
kuyo kuleli zwe. Ngiyacela, ma-
sihlukane. Uma uya kwesobu-
nxele, mina ngizoya kwesoku-
dla; kodwa uma uya kwesoku-
dla, mina ngizoya kwesobunxe-
le." **10** ULoti waphakamisa
amehlo akhe wabona ukuthi
sonke isifunda saseJordani[d]
sasiyisifunda esinamanzi ane-
le (uJehova engakalibhubhi-
si iSodoma neGomora), sasi-
njengensimu kaJehova,[e] sinje-
ngezwe laseGibhithe kuze kufi-
ke eZowari.[f] **11** Ngemva kwa-
lokho uLoti wazikhethela so-
nke isifunda saseJordani, wa-
thuthela empumalanga. Nga-
kho bahlukana. **12** U-Abrama
wahlala ezweni laseKhanani,
kodwa uLoti wahlala phaka-
thi kwamadolobha esifunda.[g]
Ekugcineni uLoti wamisa ite-
nde lakhe eduze kwaseSodo-
ma. **13** Amadoda aseSodoma
ayekhohlakele, eyizoni ezinku-
lu kuJehova.[a]

**14** Ngemva kokuba uLoti
esehlukene no-Abrama, uJe-
hova wathi ku-Abrama: "Ngi-
cela uphakamise amehlo akho
ukuleyo ndawo okuyo, ubhe-
ke enyakatho naseningizimu,
empumalanga nasentshonala-
nga, **15** ngoba lonke leli zwe
olibonayo, ngiyolinika wena
nenzalo* yakho libe ngelenu
unomphela.[b] **16** Ngiyokwenza
inzalo# yakho ibe ningi nje-
ngesihlabathi somhlaba: uma
noma ubani engabala isihla-
bathi somhlaba, nenzalo* ya-
kho iyokwazi ukubalwa.[c]
**17** Suka, hambahamba ezwe-
ni ubone ubude nobubanzi
balo, ngoba ngiyolinika wena."
**18** Ngakho u-Abrama waqhu-
beka ehlala ematendeni. Kamu-
va wahamba wayohlala phaka-
thi kwezihlahla ezinkulu zika-
Mamre,[d] eziseHebroni,[e] wama-
khela lapho uJehova i-altare.[f]

**14** Ezinsukwini zika-Amra-
feli inkosi yaseShinari,[g]
u-Ariyoki inkosi yase-Elasari,
uKedorlawomere[h] inkosi yase-
Elamu,[i] noThidali inkosi ya-
seGoyimi, **2** la makhosi alwa
noBhera inkosi yaseSodoma,[j]
uBhirisha inkosi yaseGomo-
ra,[k] uShinaba inkosi yase-
Adima, uShemeberi inkosi
yaseZebhoyimi,[l] nenkosi yase-
Bhela, okungukuthi, eZowa-
ri. **3** Wonke lawa ahlangana
aba ibutho eSigodini SaseSi-
dimi,*[m] okungukuthi, oLwandle
Lukasawoti.#[n]

**13:15, 16** *NgesiHebheru, "nembewu." **13:16** #NgesiHebheru, "imbewu." **14:3** *Noma, "eThafeni Eliphansi LaseSidimi." #Okuwukuthi, uLwandle Olufile.

ISAHL. 13
a Gen 12:8, 9; Jos 7:2
b Gen 10:19
c Gen 11:27
d Gen 19:28
e Gen 2:8, 9
f Gen 19:20-22
g Gen 19:28, 29

Uhla 2
a Gen 18:20; Gen 19:5; 2Pe 2:6-8; Jud 7
b Gen 12:7; Gen 15:18; Gen 24:7; Eks 33:1
c Gen 12:2; Gen 15:1, 5; Eks 1:7; Heb 11:12
d Gen 18:1; Gen 23:19; Gen 25:9, 10; Gen 35:27
e Gen 23:2
f Gen 12:7

ISAHL. 14
g Gen 10:9, 10
h Gen 14:17
i Gen 10:22
j Gen 10:19; Gen 13:12
k Gen 13:10, 12
l Dut 29:23
m Gen 14:10
n Num 34:2, 12

**4** Ayekhonze uKedorlawo-
mere iminyaka engu-12, ko-
dwa avukela ngonyaka ka-
13. **5** Ngonyaka ka-14, uKedor-
lawomere namakhosi ayeka-
nye naye bafika bawehlula
amaRefa e-Ashiteroti-karinayi-
mi, amaZuzi eHamu, ama-Emi[a]
eShave-kiriyatayimi, **6** nama-
Hori[b] entabeni yawo yaseSeyi-
ri,[c] kwehle kuze kufike e-Eli-
pharanu, esehlane. **7** Ngemva
kwalokho aphindela emuva afi-
ka e-Eni-mishipati, okunguku-
thi, eKadeshi,[d] anqoba yonke
indawo yama-Amaleki[e] nama-
Amori[f] ayehlala eHazazoni-tha-
mari.[g]

**8** Kuleli qophelo, inkosi ya-
seSodoma yaphuma, kanye
nenkosi yaseGomora, inko-
si yase-Adima, inkosi yase-
Zebhoyimi nenkosi yaseBhe-
la, okungukuthi, eZowari, azi-
hlela alwa nawo eSigodini
SaseSidimi,* **9** alwa noKedor-
lawomere inkosi yase-Elamu,
uThidali inkosi yaseGoyimi,
u-Amrafeli inkosi yaseShina-
ri no-Ariyoki inkosi yase-Elasa-
ri[h]—amakhosi amane alwa na-
mahlanu. **10** ISigodi SaseSi-
dimi* sasigcwele imigodi ye-
tiyela, amakhosi aseSodoma
naseGomora azama ukubale-
ka akhalakathela kuyo, labo
abasala babalekela esifunde-
ni esinezintaba. **11** Abanqobi
babe sebethatha yonke impa-
hla yaseSodoma naseGomora
nakho konke ukudla bahamba.[i]
**12** Bathatha noLoti owayehla-
la eSodoma,[j] indodana yomfo-
wabo ka-Abrama, bathatha ne-
mpahla yakhe baqhubeka ne-
ndlela yabo.

**13** Ngemva kwalokho umu-
ntu othile owayephunyukile
wafika watshela u-Abrama um-
Hebheru. Ngaleso sikhathi wa-
yehlala* phakathi kwezihlahla
ezinkulu zikaMamre umAmo-
ri,[a] umfowabo ka-Eshikoli no-
Aneri.[b] La madoda ayesizana
no-Abrama. **14** U-Abrama we-
zwa ukuthi isihlobo[c] sakhe*
sasithunjiwe. Ngakho wahlomi-
sa amadoda akhe aqeqeshiwe,
izinceku ezingu-318 ezizalelwe
emndenini wakhe, wajaha aba-
hlaseli waze wafika kwaDani.[d]
**15** Ebusuku wahlukanisa ama-
butho akhe, yena nezinceku
zakhe babahlasela, babanqo-
ba. Wabajaha kwaze kwaba se-
Hoba, esenyakatho yeDamase-
ku. **16** Wabuyisa yonke impa-
hla, wabuyisa noLoti isihlobo
sakhe, impahla yakhe, abesifa-
zane nabanye abantu.

**17** Ngemva kokuba u-Abra-
ma ebuye ekunqobeni uKe-
dorlawomere namakhosi aye-
kanye naye, inkosi yaseSo-
doma yaphuma yayohlangabe-
za u-Abrama eSigodini Sase-
Shave,* okungukuthi iSigodi
SeNkosi.[e] **18** UMelkhizedeki[f]
inkosi yaseSalema[g] wakhipha
isinkwa newayini; wayengum-
pristi kaNkulunkulu oPhezuko-
nke.[h]

**19** Ngemva kwalokho wa-
mbusisa wathi:

"U-Abrama makabusiswe
nguNkulunkulu oPhezu-
konke,
UMenzi wezulu nomhlaba;
**20** Futhi makadunyiswe uNku-
lunkulu oPhezukonke,
Onikele abacindezeli bakho
kuwe!"

U-Abrama wamnika okweshu-
mi kwayo yonke into.[i]

ISAHL. 14
a Dut 2:10, 11
b Dut 2:12
c Gen 36:8
d Num 20:1
e Gen 36:12; 1Sa 15:2
f Gen 10:15, 16
g 2Kr 20:2
h Gen 14:1, 2
i Gen 14:16
j Gen 19:1

Uhla 2
a Gen 13:18
b Gen 14:24
c Gen 11:27
d Hlu 18:29
e 2Sa 18:18
f Hu 110:4; Heb 6:20
g Heb 7:1, 2
h Hu 83:18; Heb 5:5, 10
i Heb 7:4

---

**14:8** *Noma, "eThafeni Eliphansi LaseSidimi." **14:10** *Noma, "IThafa Eliphansi LaseSidimi."
**14:13** *Noma, "wayehlala ematendeni."
**14:14** *NgesiHebheru, "umfowabo."
**14:17** *Noma, "eThafeni Eliphansi LaseShave."

**21** Ngemva kwalokho inkosi
yaseSodoma yathi ku-Abrama:
“Nginikeze abantu,* wena uzi-
thathele impahla.” **22** Kodwa
u-Abrama wathi enkosini ya-
seSodoma: “Ngiphakamisa isa-
ndla sami ngiyafunga kuJe-
hova uNkulunkulu oPhezuko-
nke, uMenzi wezulu nomhlaba,
**23** ukuthi ngeke ngithathe lu-
tho olungolwakho, kusukela
emucwini kuya ebhandeni le-
mbadada, ukuze ungasho uku-
thi, ‘Yimi ocebise u-Abrama.’
**24** Ngeke ngithathe lutho nga-
phandle kwalokho izinsizwa
esezikudlile kakade. Ngokuqo-
ndene nengxenye yamadoda
ahambe nami, u-Aneri, u-Eshi-
koli noMamre[a]—wona mawa-
thathe ingxenye yawo.”

**15** Ngemva kwalokhu izwi li-
kaJehova lafika ku-Abra-
ma embonweni, lathi: “Ungesa-
bi,[b] Abrama. Ngiyihawu lakho.[c]
Umvuzo wakho uyoba mkhu-
lu kakhulu.”[d] **2** U-Abrama wa-
phendula: “Nkosi EnguMbusi
Jehova, uyonginikani, njengo-
ba ngilokhu ngingenamntwana
futhi umuntu oyodla ifa lomuzi
wami kungumuntu waseDama-
seku, u-Eliyezeri?”[e] **3** U-Abra-
ma wanezela: “Awunginikanga
nzalo*[f] futhi ilungu# lom-
ndeni wami yilo elingilande-
layo njengendlalifa.” **4** Kodwa
izwi likaJehova laphendula la-
thi kuye: “Lo muntu ngeke abe
indlalifa yakho, kodwa yindo-
dana yakho* ezoba indlalifa ya-
kho.”[g]

**5** Wabe esemkhiphela nga-
phandle wathi: “Ngicela ubhe-
ke phezulu emazulwini ubale
izinkanyezi, uma ukwazi ukuzi-
bala.” Ngemva kwalokho wathi
kuye: “Iyoba ngako inzalo* ya-
kho.”[a] **6** U-Abrama waba no-
kholo kuJehova,[b] uNkulunku-
lu wayesembheka njengolungi-
le.[c] **7** UNkulunkulu wabe ese-
nezela: “NginguJehova, owaku-
khipha e-Uri lamaKhaledi
ukuba ngikunike leli zwe libe
elakho.”[d] **8** U-Abrama wathi:
“Nkosi EnguMbusi Jehova, ngi-
zokwazi kanjani ukuthi ngiyo-
lithatha libe ngelami?” **9** Wa-
phendula wathi kuye: “Ngi-
thathele isithole esineminya-
ka emithathu ubudala, imbuzi
yensikazi eneminyaka emitha-
thu ubudala, inqama eneminya-
ka emithathu ubudala, ihobhe
nephuphu lejuba.” **10** Wazi-
thatha zonke lezi zilwane wa-
zisika zaba izingxenye ezimbi-
li, ingxenye ngayinye wayibeka
yabhekana nenye,* kodwa aka-
zisikanga izinyoni. **11** Nge-
mva kwalokho izinyoni ezidla
inyama zaqala ukwehlela phe-
zu kwezidumbu, kodwa u-Abra-
ma wayelokhu ezixosha.

**12** Lapho ilanga selizosho-
na, u-Abrama wafikelwa ubu-
thongo obukhulu, ubumnya-
ma obukhulu nobethusayo
behlela kuye. **13** UNkulunku-
lu wabe esethi ku-Abrama:
“Yazi ngokuqinisekile ukuthi
inzalo* yakho iyoba izifiki
ezweni elingelona elayo, no-
kuthi abantu bakhona bayoye-
nza izigqila bayihluphe imi-
nyaka engu-400.[e] **14** Ngiyosa-
hlulela isizwe eyosikhonza,[f]
ngemva kwalokho iyophuma
inempahla eningi.[g] **15** Wena,
uyofa ngokuthula usugugile,[h]
ungcwatshwe nokhokho ba-
kho. **16** Kodwa isizukulwane
sesine sayo siyobuyela lapha,[i]

**14:21** *Noma, “imiphefumulo.” **15:3** *NgesiHebheru, “mbewu.” #NgesiHebheru, “indodana.” **15:4** *NgesiHebheru, “yilowo ophuma ezibilinini zakho.”

**15:5, 13** *NgesiHebheru, “imbewu.” **15:10** *Noma, “wabeka ingxenye ngayinye yazo ukuba ifanelane nenye.”

ISAHL. 14
a Gen 14:13

ISAHL. 15
b Hu 27:1, Isay 41:10, Rom 8:31, Heb 13:6
c Dut 33:29, IzA 30:5
d Gen 17:5, 6
e Gen 24:2, 3
f Gen 12:7, IzE 7:5
g Gen 17:15, 16, Gen 21:12

Uhla 2
a Gen 22:17, Dut 1:10, Rom 4:18, Heb 11:12
b Heb 11:8
c Rom 4:13, 22, Gal 3:6, Jak 2:23
d Gen 11:31, Neh 9:7
e Gen 21:9, Eks 1:13, 14, Eks 3:7, IzE 7:6, 7
f Eks 7:4, Num 33:4
g Eks 3:22, Hu 105:37
h Gen 25:8
i Jos 14:1, IzE 7:7

ngoba isono sama-Amori asika-
finyeleli ekugcineni."*[a]
**17** Lapho ilanga selishonile,
sekumnyama kakhulu, kwavela
umlilo omkhulu* oshunqa intu-
thu futhi kwadlula isibani esi-
vuthayo phakathi kwezingxenye
zenyama. **18** Ngalolo suku uJe-
hova wenza isivumelwano[b] no-
Abrama, wathi: "Leli zwe ngi-
yolinika[c] inzalo* yakho, kusuke-
la emfuleni waseGibhithe kuze
kufike emfuleni omkhulu, umfu-
la i-Ewufrathe:[d] **19** izwe lama-
Kheni,[e] lamaKhenizi, lamaKha-
dimoni, **20** lamaHeti,[f] lama-
Pherizi,[g] lamaRefa,[h] **21** lama-
Amori, lamaKhanani, lamaGiri-
gashi nelamaJebusi."[i]

**16** Manje umka-Abrama uSa-
rayi, wayengamzalelanga
bantwana,[j] kodwa wayenence-
kukazi engumGibhithe egama
layo linguHagari.[k] **2** Ngakho
uSarayi wathi ku-Abrama: "Ngi-
cela ungilalele! UJehova ungivi-
mbile ukuba ngingabatholi aba-
ntwana. Ngiyacela, lala ne-
ncekukazi yami. Mhlawumbe
ngingathola abantwana nga-
yo."[l] Ngakho u-Abrama waku-
lalela okwakushiwo uSarayi.
**3** Ngemva kweminyaka eyishu-
mi u-Abrama ehlala ezweni la-
seKhanani, umka-Abrama uSa-
rayi, wathatha incekukazi yakhe
engumGibhithe uHagari, wayini-
ka umyeni wakhe u-Abrama nje-
ngomkakhe. **4** Ngakho walala
noHagari, wakhulelwa. Lapho
eqaphela ukuthi ukhulelwe, wa-
qala ukudelela umka-Abrama.
**5** Ngenxa yalokho uSarayi
wathi ku-Abrama: "Into ebu-
hlungu engenziwe yona iyi-
phutha lakho. Yimina engabe-
ka incekukazi yami ezingalwe-
ni zakho,* kodwa lapho iqa-
phela ukuthi ikhulelwe, yaqala
ukungidelela. Kwangathi uJeho-
va angahlulela phakathi kwami
nawe." **6** U-Abrama wathi ku-
Sarayi: "Incekukazi yakho inga-
phansi kwegunya lakho. Yenza
kuyo noma ikuphi okubona ku-
kuhle." Ngemva kwalokho uSa-
rayi wayihlazisa, yase imbale-
kela.
**7** Kamuva ingelosi kaJehova
yayithola emthonjeni wamanzi
osehlane, umthombo osendle-
leni eya eShuri.[a] **8** Yathi: "Ha-
gari, ncekukazi kaSarayi, uve-
laphi futhi uyaphi?" UHagari
wathi: "Ngibalekela indlovu-
kazi yami uSarayi." **9** Ingelo-
si kaJehova yabe isithi kuye:
"Buyela endlovukazini yakho
uzithobe ngaphansi kwesandla
sayo." **10** Ngemva kwalokho
ingelosi kaJehova yathi: "Ngi-
zoyandisa kakhulu inzalo* ya-
kho, ibe ningi kakhulu ukuba
ingabalwa."[b] **11** Ingelosi ka-
Jehova yanezela: "Manje ukhu-
lelwe futhi uzozala indodana.
Kumele uyiqambe ngokuthi u-
Ishmayeli,* ngoba uJehova
ukuzwile ukuhlupheka kwa-
kho. **12** Yona, iyoba njenge-
mbongolo yasendle.* Isandla
sayo siyomelana nawo wonke
umuntu, nesandla sawo wonke
umuntu siyomelana nayo, iyo-
hlala eduze kwabo bonke aba-
fowabo."#
**13** UHagari wabe esedumi-
sa* igama likaJehova, owaye-

ISAHL. 15
*a* 1Kh 21:26; 2Kh 21:11
*b* Gen 17:19; Gen 22:17
*c* Eks 3:8
*d* 1Kh 4:21
*e* 1Sa 15:6
*f* Jos 1:4
*g* Eks 3:17
*h* Jos 17:15
*i* Dut 7:1

ISAHL. 16
*j* Gen 15:2, 3
*k* Gal 4:25
*l* Gen 30:1, 3

Uhla 2
*a* Gen 25:17, 18; Eks 15:22
*b* Gen 17:20; Gen 25:13-16; 1Kr 1:29-31

---

**15:16** *Noma, "ngoba isikhathi sokuba ama-Amori ajeziswe asikafiki." **15:17** *Noma, "isithando somlilo." **15:18; 16:10** *NgesiHebheru, "imbewu."

**16:5** *NgesiHebheru, "esifubeni sakho." **16:11** *Incazelo: "UNkulunkulu Uyezwa." **16:12** *Noma, "njenge-*onager,*" uhlobo lwembongolo yasendle, nakuba abanye becabanga ukuthi yidube. Cishe libhekisela esimweni sengqondo sokuzibusa. #Noma kungaba, "iyobazonda bonke abafowabo." **16:13** *NgesiHebheru, "esebiza."

khuluma naye, wathi: “UnguNkulunkulu obonayo,”[a] ngoba wathi: “Ingabe ngempela ngimbonile ongibonayo?” **14** Yingakho lowo mthombo kwathiwa iBheri-lahayi-royi.* (Uphakathi kweKadeshi neBeredi.) **15** UHagari wazalela u-Abrama indodana, u-Abrama waqamba indodana yakhe ayizalelwa uHagari ngokuthi u-Ishmayeli.[b] **16** U-Abrama wayeneminyaka engu-86 lapho uHagari emzalela u-Ishmayeli.

**17** Lapho u-Abrama eneminyaka engu-99 ubudala, uJehova wabonakala kuye wathi: “NginguNkulunkulu uMninimandla Onke. Hamba phambi kwami ungabi naphutha.* **2** Ngizokwenza isivumelwano sami phakathi kwami nawe[c] futhi ngiyokwandisa kakhulu impela.”[d]

**3** U-Abrama waguqa wayesekhothama, uNkulunkulu waqhubeka ekhuluma naye, ethi: **4** “Mina, isivumelwano sami ngisenze nawe,[e] nakanjani uyoba ubaba wezizwe eziningi.[f] **5** Igama lakho ngeke kusathiwa u-Abrama,* kodwa kuzothiwa u-Abrahama,# ngoba ngiyokwenza ubaba wezizwe eziningi. **6** Ngiyokunika inzalo eningi kakhulu, ngiyokwenza ube izizwe, futhi kuyophuma amakhosi kuwe.[g]

**7** “Ngiyosigcina isivumelwano sami phakathi kwami nawe[h] nenzalo* yakho kuzo zonke izizukulwane zayo kube isivumelwano saphakade, ukuze ngibe uNkulunkulu kuwe nasenzalweni# yakho. **8** Wena nenzalo* yakho ngiyoninika izwe enanihlala kulo njengezifiki—lonke izwe laseKhanani[a]—libe elenu unomphela futhi ngiyoba uNkulunkulu wayo.”[b]

**9** UNkulunkulu waphinde wathi ku-Abrahama: “Kodwa wena kumele ugcine isivumelwano sami, wena nenzalo* yakho kuzo zonke izizukulwane zayo. **10** Nasi isivumelwano sami phakathi kwami nani, eniyosigcina wena nenzalo* yakho: Wonke umuntu wesilisa kini kumele asokwe.[c] **11** Kumele nisokwe, futhi lokho kuyosebenza njengophawu lwesivumelwano phakathi kwami nani.[d] **12** Kuzo zonke izizukulwane zenu, wonke umuntu wesilisa kini onezinsuku ezingu-8 ubudala kumele asokwe,[e] noma ubani ozelwe endlini yakho nanoma ubani ongeyona inzalo* yakho futhi othengwe ngemali kumuntu oyisifiki. **13** Wonke amadoda azelwe endlini yakho nawo wonke amadoda athengwe ngemali yakho kumele asokwe,[f] isivumelwano sami enyameni yenu kumele sisebenze njengesivumelwano saphakade. **14** Uma noma imuphi owesilisa ongasokile engeke alisike ijwabu lakhe, lowo muntu* kumele anqunywe# kubantu bakubo. Uphule isivumelwano sami.”

**15** Ngemva kwalokho uNkulunkulu wathi ku-Abrahama: “USarayi*[g] umkakho, ungambizi ngokuthi uSarayi, ngoba igama lakhe sekuzoba uSara.# **16** Ngiyombusisa futhi

**ISAHL. 16**
*a* IzA 15:3
*b* Gen 21:9; Gal 4:22, 24

**ISAHL. 17**
*c* Gen 15:18; Hu 105:8-11
*d* Gen 22:17; Dut 1:10; Heb 11:11, 12
*e* Hu 105:9-11
*f* Gen 13:16; Rom 4:17
*g* Gen 35:10, 11
*h* Luk 1:72, 73

**Uhla 2**
*a* Eks 6:4; Heb 11:8, 9
*b* Dut 14:2
*c* Gen 21:4; Rom 2:29
*d* IzE 7:8; Rom 4:11
*e* Luk 2:21
*f* Eks 12:44
*g* Gen 11:29

**16:14** *Incazelo: “Umthombo Wophilayo Ongibonayo.” **17:1** *Noma, “ungasoleki.” **17:5** *Incazelo: “UBaba Uphakeme (Uphakanyisiwe).” #Incazelo: “UBaba Wesixuku; UBaba Wabaningi.” **17:7-10** *NgesiHebheru, “nembewu.”

**17:7** #NgesiHebheru, “nasembewini.” **17:12** *NgesiHebheru, “imbewu.” **17:14** *Noma, “mphefumulo.” #Noma, “abulawe.” **17:15** *Kungenzeka lisho, “Othanda Umbango.” #Incazelo: “INkosazana.”

ngikunike indodana ngaye;[a] ngi-
yombusisa futhi uyoba yizizwe;
amakhosi ezizwe ayovela kuye."
**17** U-Abrahama waguqa wakho-
thama futhi wahleka wathi
enhliziyweni yakhe:[b] "Ingabe
indoda eneminyaka engu-100
ubudala izozalelwa umntwana,
futhi ingabe uSara, owesifaza-
ne oneminyaka engu-90 ubudala,
uzozala?"[c]

**18** Ngakho u-Abrahama wa-
thi kuNkulunkulu weqini-
so: "O kwangathi u-Ishmaye-
li angaphila phambi kwakho!"[d]
**19** UNkulunkulu wabe ese-
thi: "Umkakho uSara nakanja-
ni uzokuzalela indodana fu-
thi kumele uyiqambe ngokuthi
u-Isaka.*[e] Ngiyokwenza naye
isivumelwano sami sibe isivu-
melwano saphakade enzalwe-
ni# yakhe.[f] **20** Kodwa ngoku-
qondene no-Ishmayeli ngiku-
zwile. Bheka! Ngiyombusisa fu-
thi ngimenze azale ande ka-
khulu impela. Uyoveza izikhu-
lu ezingu-12 futhi ngiyomenza
abe isizwe esikhulu.[g] **21** No-
kho, ngizokwenza isivumelwa-
no sami no-Isaka,[h] uSara azo-
kuzalela yena ngalesi sikhathi
esibekiwe ngonyaka ozayo."[i]

**22** Lapho uNkulunkulu eqe-
da ukukhuluma naye, we-
nyuka esuka ku-Abrahama.
**23** U-Abrahama wabe esetha-
tha u-Ishmayeli indodana yakhe
nawo wonke amadoda azelwe
endlini yakhe nawo wonke umu-
ntu ayemthenge ngemali, bonke
abesilisa bomndeni ka-Abraha-
ma wabasika ijwabu ngalo ka-
nye lolo suku, njengoba nje
uNkulunkulu ayekhulume naye.[j]
**24** U-Abrahama wayeneminya-
ka engu-99 ubudala lapho eso-
kwa.[k] **25** U-Ishmayeli, indoda-
na yakhe, wayeneminyaka engu-
13 ubudala lapho esokwa.[a]
**26** Ngalo kanye lolo suku,
u-Abrahama wasokwa kanye ne-
ndodana yakhe u-Ishmayeli.
**27** Wonke amadoda omndeni
wakhe, noma ubani ozelwe
endlini yakhe nanoma ubani
othengwe ngemali kumuntu oyi-
sifiki, wasokwa kanye naye.

**18** Kamuva uJehova[b] wabo-
nakala ku-Abrahama pha-
kathi kwezihlahla ezinkulu zi-
kaMamre,[c] lapho ehleli emnya-
ngo wetende ngesikhathi esishi-
sa kakhulu sosuku. **2** Wapha-
kamisa ikhanda, wabona ama-
doda amathathu emi buqamama
naye.[d] Lapho ewabona, wagiji-
ma wawahlangabeza esuka em-
nyango wetende, waguqa wa-
yesekhothama phansi emhlaba-
thini. **3** Wabe esethi: "Jehova,*
uma ngithole umusa kuwe, ngi-
cela ungadluli encekwini yakho.
**4** Ngiyacela, makulethwe ama-
nzi amancane nigezwe izinya-
wo[e] bese nihlala phansi kwesi-
hlahla. **5** Njengoba senifike la-
pha encekwini yenu, mangilethe
ucezu lwesinkwa ukuze nibuyi-
se amandla.* Ngemva kwalokho,
ningaqhubeka nohambo lwenu."
Kulokho athi: "Kulungile. Unge-
nza njengoba ukhulumile."

**6** Ngakho u-Abrahama wa-
phuthuma etendeni kuSara wa-
thi: "Shesha! Thatha izilingani-
so* ezintathu zikafulawa ocole-
kile, uxove inhlama wenze olo-
fu bezinkwa." **7** U-Abrahama
wabe esegijima waya emhlanji-
ni wezinkomo wakhetha ithole
leduna elihle nelekhethelo.

**17:19** *Incazelo: "Ukuhleka." #NgesiHebheru, "embewini."

**18:3** *Lapha u-Abrahama wabiza enye yezingelosi ngokuthi "Jehova" ngoba yayingummeleli wakhe. **18:5** *NgesiHebheru, "niqinise izinhliziyo zenu." **18:6** *NgesiHebheru, "izilinganiso zamaseya." Iseya lalilingana no-7,33 L. Bheka iSithasiselo B14.

ISAHL. 17
a Gen 18:10
b Gen 18:12
c Rom 4:19; Heb 11:11
d Gen 16:11
e Mat 1:2
f Gen 26:24
g Gen 16:10; Gen 21:13, 18; Gen 25:13-16; 1Kr 1:29-31
h Gen 26:3; Heb 11:8, 9
i Gen 18:10, 14; Gen 21:1
j Gen 17:13
k IzE 7:8; Rom 4:11

Uhla 2
a Gen 16:16

ISAHL. 18
b Gen 16:7; Hlu 13:21
c Gen 13:18; Gen 14:13
d Gen 19:1
e Gen 19:2; Gen 24:32

Walinika isikhonzi, sashesha
salilungisa. **8** Wabe esetha-
tha ibhotela nobisi nethole le-
duna ayelilungisile wakubeka
phambi kwawo. Ngemva kwalo-
kho wama ngakuwo phansi
kwesihlahla njengoba edla.[a]

**9** Athi kuye: “Uphi umka-
kho uSara?”[b] Waphendula: “Ula-
pha etendeni.” **10** Enye yawo
yaqhubeka: “Nakanjani ngizobu-
yela kuwe ngonyaka ozayo nga-
lesi sikhathi, futhi lalela! umka-
kho uSara uzobe esenendoda-
na.”[c] USara wayelalele esemnya-
ngo wetende elalingemva kwa-
le ndoda. **11** U-Abrahama no-
Sara base bebadala, sebekhuli-
le impela.[d] USara wayesedluli-
le eminyakeni yokuthola aba-
ntwana.[e] **12** Ngakho uSara wa-
hleka, ethi: “Ngemva kokuba se-
ngigugile nenkosi yami isindala,
ingabe ngempela ngizoba nayo
le njabulo?”[f] **13** Ngemva kwa-
lokho uJehova wathi ku-Abraha-
ma: “Uhlekeleni uSara, ethi,
‘Ingabe ngempela ngizozala na-
kuba sengimdala?’ **14** Ingabe
kukhona okungaphezu kwama-
ndla kaJehova?[g] Ngizobuyela
kuwe ngonyaka ozayo ngalesi si-
khathi esibekiwe, uSara uzo-
be esenendodana.” **15** Kodwa
uSara waphika, ethi, “Angihle-
kanga!” ngoba wayesaba. Kulo-
khu uNkulunkulu wathi: “Yebo!
Uhlekile.”

**16** Lapho la madoda esuku-
ma ukuze ahambe futhi ebheka
ezansi ngaseSodoma,[h] u-Abra-
hama wahamba nawo ewa-
phelezela. **17** UJehova wathi:
“Ingabe ngiyamfihlela u-Abra-
hama lokho engizokwenza?[i]
**18** Phela, u-Abrahama ngoku-
qinisekile uzoba isizwe esikhu-
lu nesinamandla futhi zonke
izizwe zomhlaba ziyobusiswa*
ngaye.[a] **19** Ngoba ngiye nga-
mazi ukuze ayale amadoda-
na akhe nayo yonke inza-
lo yakhe ukuba bagcine indle-
la kaJehova ngokwenza okulu-
ngile nobulungisa,[b] ukuze uJe-
hova akwenze lokho akuthe-
mbisile ngo-Abrahama.”

**20** UJehova wabe esethi:
“Isikhalo ngeSodoma neGomora
sikhulu impela,[c] nesono sabo si-
khulu kakhulu.[d] **21** Ngizokwe-
hla ukuze ngibone ukuthi benza
ngokwesikhalo esiye safika kimi
yini. Uma kungenjalo, ngizokwa-
zi.”[e]

**22** Ngemva kwalokho la ma-
doda asuka lapho aya ngaseSo-
doma, kodwa uJehova[f] wasa-
la no-Abrahama. **23** U-Abra-
hama wabe esesondela wa-
thi: “Ingabe ngempela uzobhu-
bhisa olungile kanye nomubi?[g]
**24** Ake sithi kukhona aba-
ntu abalungile abangu-50 edo-
lobheni. Ingabe-ke ubuzoba-
bhubhisa ungayixoleli inda-
wo ngenxa yabalungile aba-
ngu-50 abakulo? **25** Kuyinto
engacabangeki ukuthi ungenza
ngale ndlela, ubulale umuntu
olungile kanye nomubi uku-
ze isiphetho solungile nomu-
bi sifane![h] Kuyinto engaca-
bangeki ngawe.[i] Ubengeke yini
umaHluleli womhlaba wonke
enze okulungile?”[j] **26** UJeho-
va wabe esethi: “Uma ngi-
ngathola edolobheni laseSodo-
ma abantu abalungile aba-
ngu-50, ngizoyixolela yonke
indawo ngenxa yabo.” **27** Ko-
dwa u-Abrahama waphinde wa-
phendula: “Uxolo ngokugaba-
dela ngikhulume nawe Jeho-
va, ngibe ngiluthuli nomlo-
tha. **28** Ake sithi kulabo aba-
ngu-50 abalungile kushoda aba-
hlanu. Ingabe ubuzobhubhisa
lonke idolobha ngenxa yaba-
hlanu?” Waphendula wathi:

**ISAHL. 18**
- a Heb 13:2
- b Gen 17:15
- c Gen 17:21; Gen 21:2; Rom 9:9
- d Gen 17:17
- e Rom 4:19
- f Heb 11:11; 1Pe 3:6
- g Isay 40:29; Mat 19:26; Luk 1:36, 37
- h Gen 13:12
- i Hu 25:14; Amo 3:7

**Uhla 2**
- a Gen 12:1-3; Gal 3:14
- b Dut 4:9
- c 2Pe 2:7, 8
- d Gen 13:13; Jud 7
- e Gen 11:5; Eks 3:7, 8; Hu 14:2
- f Gen 31:11; Gen 32:30
- g Num 16:22
- h Hu 37:10, 11; IzA 29:16; Mal 3:18; Mat 13:49
- i Dut 32:4
- j Job 34:12; Isay 33:22

**18:18** *Noma, “ziyozitholela isibusiso.”

“Ngeke ngilibhubhise uma ngi-
thola kulo abangu-45.”[a]
**29** Kodwa waphinda futhi
wakhuluma naye wathi: “Ake
sithi kutholakala abangu-40
kulo.” Yena waphendula: “Nge-
ke ngikwenze ngenxa yaba-
ngu-40.” **30** Kodwa waqhube-
ka wathi: “Ngiyacela Jehova,
ungangithukutheleli kakhulu,[b]
kodwa ngivumele ngiqhubeke
ngikhulume: Ake sithi kuthola-
kala abangu-30 kuphela kulo.”
Yena waphendula: “Ngeke ngi-
kwenze uma ngithola abangu-
30 kulo.” **31** Kodwa waqhube-
ka wathi: “Ngiyacela, ngiye
ngagabadela ngakhuluma no-
Jehova: Ake sithi kutholaka-
la abangu-20 kuphela kulo.”
Yena waphendula: “Ngeke ngi-
libhubhise ngenxa yabangu-
20.” **32** Ekugcineni wathi: “Je-
hova, ngiyacela, ungangithu-
kutheleli kakhulu, kodwa ngi-
vumele ngikhulume okokugci-
na nje kuphela: Ake sithi ku-
tholakala abayishumi kuphela.”
Yena waphendula: “Ngeke ngi-
libhubhise ngenxa yabayishu-
mi.” **33** Lapho uJehova ese-
qedile ukukhuluma no-Abraha-
ma, wahamba,[c] no-Abrahama
wabuyela endaweni yakhe.

**19** Izingelosi ezimbili zafika
eSodoma kusihlwa, uLo-
ti wayehlezi esangweni lase-
Sodoma. Lapho uLoti ezibo-
na, wasukuma eyozihlangabeza
wafike waguqa wakhothama,
ubuso bakhe bubheke phansi.[d]
**2** ULoti wathi: “Makhosi ami
ngicela ningene endlini yence-
ku yenu nihlale ubusuku bo-
nke, nigezwe nezinyawo. Nge-
mva kwalokho ningavuka eku-
seni niqhubeke nendlela yenu.”
Zona zathi: “Cha, sizohlala
esigcawini ubusuku bonke.”
**3** Kodwa wayelokhu ephikelela
kangangokuthi zahamba naye
zangena endlini yakhe. Wabe
esezenzela idili, wabhaka isi-
nkwa esingenamvubelo, zadla.
**4** Zingakalali, amadoda edo-
lobha—amadoda aseSodoma,
kusukela kumfana kuya ekhe-
hleni, wonke—azungeza indlu
eyisixuku esisodwa. **5** Ayelo-
khu ememeza uLoti ethi kuye:
“Aphi amadoda angene kwa-
kho kusihlwa? Sikhiphele wona
ukuze silale nawo.”[a]
**6** Ngemva kwalokho uLo-
ti waphuma waya kuwo em-
nyango, wayesevala isicabha.
**7** Wathi: “Ngiyanicela bafowe-
thu, ningenzi okubi. **8** Ngiya-
nicela, nginamadodakazi ama-
bili angakaze alale nendoda.
Ngicela ningivumele ngiwakhi-
phele kini ukuze nenze noma
yini ebonakala iyinhle kini. Ko-
dwa ningenzi lutho kula ma-
doda, ngoba angene ngaphansi
kophahla lwami.”*[b] **9** Aphe-
ndula athi: “Qhela!” Anezela:
“Lo muntu oyedwa nje oyisifi-
ki wafika ezohlala lapha kodwa
uyasahlulela! Manje sizokwe-
nza okubi kakhulu kuwe kuna-
kuwo.” Eza amcindezela kakhu-
lu uLoti, asondela ukuze abho-
dloze isicabha. **10** Amadoda
ayengaphakathi endlini elula
izandla, adonsela uLoti endlini,
avala umnyango. **11** Kodwa
awenza izimpumputhe amado-
da ayephambi komnyango we-
ndlu, kusukela komncane ku-
nabo bonke kuya komkhulu
kunabo bonke, kangangokuba
akhathala ezama ukuthola um-
nyango.
**12** Ngemva kwalokho la ma-
doda athi kuLoti: “Ukhona
omunye onaye lapha? Abakhwe-
nyana, amadodana akho, ama-
dodakazi akho nabo bonke aba-

ISAHL. 18
a Num 14:18
Hu 86:15
b Eks 34:6
c Gen 18:2, 22

ISAHL. 19
d Gen 18:2, 22

Uhla 2
a Jud 7
b Hlu 19:23, 24

**19:8** *Noma, “kwesivikelo sami.” Ngesi-Hebheru, “kwethunzi lami.”

ntu bakini edolobheni, bakhiphe kule ndawo! **13** Ngoba sizoyibhubhisa le ndawo, isikhalo ngabantu bakhona sesisikhulu kakhulu phambi kukaJehova,[a] kangangokuthi uJehova usithumile ukuba silibhubhise leli dolobha.” **14** Ngakho uLoti waphuma wakhuluma nabakhwenyana bakwakhe ababezoshada amadodakazi akhe, elokhu ethi: “Sukumani! Phumani kule ndawo, ngoba uJehova uzolibhubhisa leli dolobha!” Kodwa kubakhwenyana bakwakhe wabonakala sengathi uyadlala.[b]

**15** Njengoba kwase kuzokusa, izingelosi zamsheshisisa uLoti, zithi: “Sukuma! Thatha umkakho namadodakazi akho amabili alapha kanye nawe, ukuze ungabhujiswa ngesono sedolobha!”[c] **16** Ngenxa yokuthi uJehova wayemzwela, lapho elokhu ebamba eyeka,[d] la madoda abamba isandla sakhe nesandla somkakhe nezandla zamadodakazi akhe amabili, amkhiphela ngaphandle ammisa ngaphandle kwedolobha.[e] **17** Lapho nje esebakhiphele ngaphandle, enye yawo yathi: “Baleka usindise ukuphila* kwakho! Ungabheki emuva[f] futhi ungami kunoma iyiphi ingxenye yesifunda![g] Balekela esifundeni esinezintaba ukuze ungabhujiswa!”

**18** ULoti wabe esethi kuwo: “Ngicela ukungayi lapho Jehova!* **19** Manje ngiyazi ukuthi uyangamukela njengenceku yakho futhi ungibonisa umusa omkhulu* ngokungigcina ngiphila,[h] kodwa angikwazi ukubalekela esifundeni esinezintaba ngoba ngesaba ukuthi ngingase ngehlelwe inhlekelele ngife.[a] **20** Ngiyacela, leli dolobhana liseduze, ngingakwazi ukubalekela kulo; limane liyindawo encane. Ngingabalekela yini kulo? Limane liyindawo encane. Uma kunjalo ngizosinda.” **21** Ngakho wathi kuye: “Kuhle kakhulu, ngizophinde ngibonise ukukucabangela[b] ngokungaligumbuqeli idolobha okhuluma ngalo.[c] **22** Shesha! Balekela khona, ngoba angikwazi kwenza lutho uze ufike khona!”[d] Yingakho aqamba lelo dolobha ngokuthi iZowari.*[e]

**23** Ilanga lase liphumile phezu kwezwe lapho uLoti efika eZowari. **24** Ngemva kwalokho uJehova wenza ukuba kune isibabule nomlilo eSodoma naseGomora—kwakuvela kuJehova, ezulwini.[f] **25** Ngakho wawagumbuqela la madolobha, yebo, sonke isifunda, nabo bonke abantu bakulawo madolobha nezitshalo zomhlabathi.[g] **26** Kodwa umkaLoti, owayengemva kwakhe, waqala ukubheka emuva, waba insika kasawoti.[h]

**27** U-Abrahama wavuka ekuseni kakhulu waya endaweni ayekade emi kuyo phambi kukaJehova.[i] **28** Lapho ebheka ezansi ngaseSodoma naseGomora nakulo lonke izwe lesifunda, wabona isimanga. Kwakwenyuka ifu lentuthu isuka ezweni njengefu lentuthu kahhonela!*[j] **29** Ngakho lapho uNkulunkulu ebhubhisa amadolobha esifunda, wamkhumbula u-Abrahama ngokukhipha uLoti emadolobheni awagumbuqela, amadolobha uLoti ayehlala kuwo.[k]

---

**19:17** *Noma, “umphefumulo.” **19:18** *Lapha uLoti wabiza enye yezingelosi ngokuthi “Jehova” ngoba yayingummeleli wakhe. **19:19** *Noma, “uthando oluqotho.”

**19:22** *Incazelo: “Ubuncane.” **19:28** *Uhhavini osetshenziselwa ukuqinisa izitini nobumba.

ISAHL. 19
a Gen 13:13; Gen 18:20
b Luk 17:28
c Luk 17:29-31
d Eks 33:19
e 2Pe 2:7-9
f Luk 9:62
g Gen 13:10
h Hu 143:11

Uhla 2
a Hu 6:4
b Hu 34:15
c Gen 19:30; Hu 68:20
d 2Pe 3:9
e Gen 14:2
f Dut 29:23; Luk 17:29; 2Pe 2:6
g Gen 13:10
h Luk 17:32; Heb 10:38
i Gen 18:2, 22
j Jud 7
k 2Pe 2:7, 8

30 Kamuva uLoti wakhuphuka esuka eZowari namadodakazi akhe amabili wayohlala esifundeni esinezintaba,[a] ngoba wayesaba ukuhlala eZowari.[b] Ngakho wahlala emhumeni namadodakazi akhe amabili. **31** Eyizibulo yathi kwencane: "Ubaba usemdala, akukho ndoda kulelizwe engalala nathi ngokwesiko lomhlaba wonke. **32** Woza, masinike ubaba iwayini aphuze bese silala naye silondoloze inzalo kababa."

**33** Ngakho ngalobo busuku ayelokhu enika uyise iwayini ukuze aphuze; eyizibulo yabe isingena yalala noyise, kodwa akazanga lapho ilala nalapho ivuka. **34** Ngosuku olulandelayo, eyizibulo yathi kwencane: "Mina ngilale nobaba izolo ebusuku. Masimnike iwayini ukuze aphuze nanamuhla ebusuku. Ngemva kwalokho nawe ungene ulale naye, silondoloze inzalo evela kubaba." **35** Ngakho nangalobo busuku, amnika ngokuphindaphindiwe uyise iwayini ukuze aphuze; ngemva kwalokho encane yalala naye, kodwa akazanga lapho ilala nalapho ivuka. **36** Ngakho womabili amadodakazi kaLoti akhulelwa ekhuleliswa uyise. **37** Eyizibulo yazala indodana yayiqamba ngokuthi uMowabi.[c] Unguyise wabakwaMowabi banamuhla.[d] **38** Encane nayo yazala indodana, yayiqamba ngokuthi uBheni-ami. Unguyise wabakwa-Amoni[e] banamuhla.

**20** Manje u-Abrahama wathutha itende lakhe[f] waya ezweni laseNegebhi wafike wahlala phakathi kweKadeshi[g] neShuri.[h] Ngesikhathi ehlala* eGerari,[i] **2** u-Abrahama waphinda wathi ngomkakhe uSara: "Ungudadewethu."[a] Ngakho u-Abhimeleki inkosi yaseGerari wathumela ukuba kulandwe uSara futhi wamthatha.[b] **3** Kamuva uNkulunkulu wafika ku-Abhimeleki ebusuku ngephupho wathi kuye: "Bheka ufana nosefile ngenxa yowesifazane omthathile,[c] ngoba ushadile ungowenye indoda."[d] **4** Nokho, u-Abhimeleki wayengasondelanga kuye.* Ngakho wathi: "Jehova, ingabe uzosibulala isizwe esingenacala# ngempela? **5** Akashongo yini kimi ukuthi, 'Ungudadewethu,' naye akashongo yini ukuthi, 'Ungumfowethu'? Lokhu ngikwenze ngokwethembeka ngaphandle kwezinhloso ezimbi." **6** Ngemva kwalokho uNkulunkulu weqiniso wathi kuye ephusheni: "Ngiyazi ukuthi lokhu ukwenze ngokwethembeka, ngakho ngikuvimbile ukuba ungoni kimi. Yingakho ngingakuvumelanga ukuba umthinte. **7** Manje buyisela umfazi wale ndoda, ngoba ingumprofethi,[e] izokunxusela[f] futhi uzoqhubeka uphila. Kodwa uma ungambuyiseli, yazi ukuthi uzofa nakanjani, wena nabo bonke abangabakho."

**8** U-Abhimeleki wavuka kusesekuseni wabiza zonke izinceku zakhe wazitshela zonke lezi zinto, ngakho zesaba kakhulu. **9** Ngemva kwalokho u-Abhimeleki wabiza u-Abrahama wathi kuye: "Yini le osenze yona? Ngenze sono sini kuwe, uze ungilethele mina nombuso wami isono esikhulu kangaka? Le nto ongenze yona ibingafanele." **10** U-Abhimeleki wabe esethi ku-Abrahama: "Yini obuyihlosile ngesikhathi wenza le nto?"[g] **11** U-Abrahama wathi: "Yingoba ngangizitshele

**ISAHL. 19**
a Gen 19:17
b Gen 19:20, 22
c Dut 2:9
d 1Kr 18:2
e Dut 2:19; Hlu 11:4; Neh 13:1; Zef 2:9

**ISAHL. 20**
f Gen 13:18
g Num 13:26
h Gen 25:17, 18
i Gen 10:19; Gen 26:6

**Uhla 2**
a Gen 12:11-13; Gen 20:11, 12
b Gen 12:15
c Gen 12:17; Hu 105:14
d Dut 22:22
e Hu 105:14, 15
f Job 42:8
g Gen 12:18, 19; Gen 26:9, 10

**20:1** *Noma, "ehlala njengesifiki."

**20:4** *Okuwukuthi, wayengalalanga naye. #Noma, "esilungile."

ukuthi, 'Ngokuqinisekile akukho ukumesaba uNkulunkulu kule ndawo futhi bazongibulala ngenxa yomkami.'[a] **12** Ngaphandle kwalokho, ungudadewethu ngempela, indodakazi kababa, kodwa akayona indodakazi kamama, futhi waba umkami.[b] **13** Lapho uNkulunkulu ethi angisuke endlini kababa ngihambe ngizula,[c] ngathi kuSara: 'Lena makube yindlela ongibonisa ngayo uthando oluqotho: Kuzo zonke izindawo esiya kuzo, wothi ngami, "Ungumfowethu."'"[d]

**14** Ngemva kwalokho u-Abhimeleki wathatha izimvu nezinkomo nezinceku nezincekukazi wakunika u-Abrahama, wabuyisela kuye umkakhe uSara. **15** U-Abhimeleki waphinde wathi: "Nali izwe lami. Hlala nomaphi la uthanda khona." **16** KuSara wathi: "Bheka nginika umfowenu[e] izinhlamvu ezingu-1 000 zesiliva. Ziwuphawu lobumsulwa bakho kubo bonke abanawe, naphambi kwawo wonke umuntu futhi sisusiwe isihlamba kuwe." **17** U-Abrahama waqala ukunxusa uNkulunkulu weqiniso, uNkulunkulu wamelapha u-Abhimeleki nomkakhe nezigqilakazi zakhe, baqala ukuzala abantwana; **18** ngoba uJehova wayenze bonke abesifazane bendlu ka-Abhimeleki baba izinyumba* ngenxa kaSara, umka-Abrahama.[f]

**21** UJehova wamnaka uSara njengoba nje ayeshilo futhi uJehova wenzela uSara lokho ayekuthembisile.[g] **2** Ngakho uSara wakhulelwa[h] wazalela u-Abrahama indodana ekugugeni kwakhe ngesikhathi esibekiwe uNkulunkulu ayesithembise u-Abrahama.[a] **3** U-Abrahama waqamba indodana yakhe eyayisanda kuzalwa, uSara ayemzalele yona, ngokuthi u-Isaka.[b] **4** U-Abrahama wasoka indodana yakhe u-Isaka lapho inezinsuku ezingu-8 ubudala, njengoba nje uNkulunkulu ayemyalile.[c] **5** U-Abrahama wayeneminyaka engu-100 ubudala lapho ezalelwa indodana yakhe u-Isaka. **6** USara wabe esethi: "UNkulunkulu ungilethele injabulo; wonke umuntu ozwa ngakho uzojabula* kanye nami."# **7** Wanezela: "Ubani obengathi ku-Abrahama, 'Nakanjani uSara uzoncelisa abantwana'? Noma kunjalo, ngimzalele indodana ekugugeni kwakhe."

**8** Umntwana wakhula wayekiswa ibele, u-Abrahama wahlela ukuba kube nedili elikhulu ngosuku lokulunyulwa ka-Isaka. **9** Kodwa uSara wayelokhu eqaphela ukuthi indodana kaHagari[d] umGibhithe, ayeyizalele u-Abrahama, yayigcona u-Isaka.[e] **10** Ngakho wathi ku-Abrahama: "Xosha lesi sigqilakazi kanye nendodana yaso, ngoba indodana yalesi sigqilakazi ngeke ibe indlalifa kanye nendodana yami, u-Isaka!"[f] **11** Kodwa u-Abrahama akakuthandanga neze lokho uSara akusho ngendodana yakhe.[g] **12** Ngemva kwalokho uNkulunkulu wathi ku-Abrahama: "Makungakucasuli lokho uSara akushoyo kuwe ngomfana nangesigqilakazi sakho. Mlalele,* ngoba lokho okuyobizwa ngokuthi

20:18 *Noma, "wayezivale ngci zonke izibeletho zendlu ka-Abhimeleki."

21:6 *Amagama esiHebheru ahunyushwe ngokuthi "injabulo" nelithi "jabula" asho ukuthi "uhleko" nokuthi "hleka." #Noma kungaba, "uzongihleka." **21:12** *NgesiHebheru, "Lalela izwi lakhe."

ISAHL. 20
*a* Gen 12:11, 12; Gen 26:7
*b* Gen 11:29
*c* Gen 12:1
*d* Gen 12:13
*e* Gen 20:2, 12
*f* Gen 12:17

ISAHL. 21
*g* Gen 18:10
*h* Heb 11:11

Uhla 2
*a* Gen 17:21; Gen 18:10, 14; Rom 9:9
*b* Gen 17:19; Jos 24:3; Rom 9:7
*c* Gen 17:12; Lev 12:3; IzE 7:8
*d* Gen 16:4, 15
*e* Gen 15:13; Gal 4:22, 29
*f* Gen 15:2, 4; Gal 4:30
*g* Gen 17:18

inzalo* yakho kuyoba khona ngo-Isaka.[a] **13** Ngokuqondene nendodana yesigqilakazi,[b] nayo ngiyokwenza isizwe ngayo[c] ngoba iyinzalo* yakho."

**14** Ngakho u-Abrahama wavuka ekuseni kakhulu wathatha isinkwa nesigubhu samanzi sesikhumba wakunika uHagari. Wakubeka ehlombe lakhe wayesemhambisa kanye nomfana.[d] Ngakho uHagari wahamba wazulazula ehlane laseBheri-sheba.[e] **15** Ekugcineni amanzi aphela esigujini sesikhumba, wayesebeka umfana ngaphansi kwesihlahla. **16** Wabe esehamba yedwa wayohlala phansi buqamama, ethi: "Angifuni ukubona umfana efa." Ngakho wahlala phansi buqamama wakhala kakhulu.

**17** UNkulunkulu walizwa izwi lomfana,[f] ingelosi kaNkulunkulu yabiza uHagari isezulwini yathi kuye:[g] "Kwenzenjani Hagari? Ungesabi ngoba uNkulunkulu ulizwile izwi lomfana laphaya lapho ekhona. **18** Sukuma uphakamise umfana umbambe ngesandla, ngoba ngizomenza isizwe esikhulu."[h] **19** UNkulunkulu wabe esevula amehlo kaHagari wabona umthombo wamanzi, wahamba wayogcwalisa isigubhu sesikhumba ngamanzi waphuzisa umfana. **20** Umfana[i] wathola umusa kaNkulunkulu njengoba ekhula. Wahlala ehlane waba umcibi. **21** Wahlala ehlane lasePharanu,[j] unina wamthathela umfazi ezweni laseGibhithe.

**22** Ngaleso sikhathi u-Abhimeleki ekanye noFikoli induna yebutho lakhe wathi ku-Abrahama: "UNkulunkulu unawe kukho konke okwenzayo.[k] **23** Ngakho manje funga uNkulunkulu kimi lapha ukuthi ngeke usebenzelane nami nenzalo yami ngokungathembeki, nokuthi uzosebenzelana nami nezwe obuhlala kulo ngothando oluqotho olufanayo nengikubonise lona."[a] **24** Ngakho u-Abrahama wathi: "Ngiyafunga."

**25** Noma kunjalo, u-Abrahama wakhononda ku-Abhimeleki ngomthombo wamanzi izinceku zika-Abhimeleki ezaziwuqhwagile.[b] **26** U-Abhimeleki waphendula: "Angazi ukuthi ubani owenze le nto; awungitshelanga lutho ngayo futhi angizwanga lutho ngayo kuze kube namuhla." **27** U-Abrahama wabe esethatha izimvu nezinkomo wazinika u-Abhimeleki, bobabili benza isivumelwano. **28** Lapho u-Abrahama ehlukanisa amawundlu ezinsikazi ayisikhombisa emhlanjini ewabeka wodwa, **29** u-Abhimeleki wathi ku-Abrahama: "Kungani uwabeke wodwa lapha la mawundlu ezinsikazi ayisikhombisa?" **30** U-Abrahama wathi: "Kumele uwathathe esandleni sami la mawundlu ezinsikazi ayisikhombisa, abe ubufakazi bokuthi yimi engiwumbile lo mthombo." **31** Yingakho aqamba leyo ndawo ngokuthi iBheri-sheba,*[c] ngoba yilapho bobabili ababenze khona isifungo. **32** Ngakho benza isivumelwano[d] eBheri-sheba, okwathi ngemva kwalokho u-Abhimeleki wasuka kanye noFikoli induna yakhe yempi, babuyela ezweni lamaFilisti.[e] **33** Ngemva kwalokho watshala umthamariske*

ISAHL. 21
a Gen 17:19; Rom 9:7; Heb 11:18
b Gal 4:22
c Gen 16:9, 10; Gen 17:20; Gen 25:12, 16
d Gen 25:5, 6
e Gen 22:19
f Gen 16:11
g Gen 16:7, 8
h 1Kr 1:29-31
i Gen 16:16
j Num 10:12
k Gen 20:17, 18; Gen 26:26, 28

Uhla 2
a Gen 20:14, 15
b Gen 26:15, 20
c Gen 26:32, 33
d Gen 26:26, 28
e Gen 10:13, 14; Gen 26:1

**21:12** *NgesiHebheru, "imbewu." **21:13** *NgesiHebheru, "iyimbewu."

**21:31** *Kungenzeka lisho "Umthombo Wesifungo noma Umthombo Wesikhombisa." **21:33** *Yisihlahla esiluhlaza esinamacembe amancane, esiqhakaza izimbali eziphinki noma ezimhlophe.

eBheri-sheba, wamemezela kho-
na igama likaJehova,[a] uNkulu-
nkulu waphakade.[b] **34** U-Abra-
hama wahlala* isikhathi eside#
ezweni lamaFilisti.[c]

**22** Manje ngemva kwalo-
kho uNkulunkulu weqi-
niso wamvivinya[d] u-Abrahama,
wathi kuye: "Abrahama!" yena
waphendula wathi: "Ngilapha!"
**2** UNkulunkulu wabe esethi:
"Ngicela uthathe indodana ya-
kho, okuwukuphela kwendoda-
na oyithanda kakhulu,[e] u-Isa-
ka,[f] uhambe uye ezweni lase-
Moriya[g] uyinikele lapho nje-
ngomnikelo oshiswayo kwe-
nye yezintaba engizokubonisa
yona."

**3** Ngakho u-Abrahama wa-
vuka ekuseni kakhulu wabo-
phela imbongolo yakhe, watha-
tha ezimbili ezincekwini zakhe
kanye nendodana yakhe, u-Isa-
ka. Wacanda izinkuni zomnike-
lo oshiswayo, wayesesuka wa-
hamba waya endaweni uNkulu-
nkulu weqiniso ayekhulume
ngayo. **4** Ngosuku lwesitha-
thu u-Abrahama waphakamisa
amehlo wayibona leyo ndawo
esekude. **5** U-Abrahama wa-
thi ezincekwini zakhe: "Nina
hlalani lapha kanye nembongo-
lo, kodwa mina nomfana sizo-
ya laphaya siyokhonza uNkulu-
nkulu bese sibuyela kini."

**6** Ngakho u-Abrahama wa-
thatha izinkuni zomnikelo
oshiswayo wazithwesa indoda-
na yakhe u-Isaka. Wabe esetha-
tha umlilo nommese,* bobabi-
li bahamba ndawonye. **7** Nge-
mva kwalokho u-Isaka wathi
kuyise u-Abrahama: "Baba!"
Yena waphendula: "Yebo, ndo-
dana yami!" U-Isaka waqhube-
ka wathi: "Nanku umlilo nezi-
nkuni, kodwa iphi imvu yomni-
kelo oshiswayo?" **8** U-Abraha-
ma wathi: "UNkulunkulu uzoyi-
lungiselela ngokwakhe imvu
yomnikelo oshiswayo[a] ndodana
yami." Bobabili baqhubeka be-
hamba ndawonye.

**9** Ekugcineni bafika enda-
weni uNkulunkulu weqiniso
ayekhulume ngayo, u-Abraha-
ma wakha i-altare kuyo, wahle-
la izinkuni phezu kwalo. Wa-
bopha indodana yakhe u-Isa-
ka izandla nezinyawo, wayese-
yibeka e-altare phezu kwezi-
nkuni.[b] **10** Ngemva kwalokho
u-Abrahama welula isandla wa-
thatha ummese* ukuze abula-
le indodana yakhe.[c] **11** Ko-
dwa ingelosi kaJehova yambi-
za isezulwini yathi: "Abra-
hama, Abrahama!" yena wa-
phendula wathi: "Ngilapha!"
**12** Yabe isithi: "Ungamlima-
zi umfana, ungenzi lutho nhlo-
bo kuye, ngoba manje ngiya-
zi ukuthi uyamesaba uNkulu-
nkulu ngoba awungigodlelanga
indodana yakho, okuwukuphe-
la kwayo."[d] **13** U-Abrahama
wabe esephakamisa amehlo, la-
phaya phambi kwakhe kwaku-
khona inqama ibambeke ngezi-
mpondo ezihlahleni. Ngakho u-
Abrahama wahamba wayotha-
tha inqama wanikela ngayo nje-
ngomnikelo oshiswayo esikhu-
ndleni sendodana yakhe.
**14** U-Abrahama waqamba leyo
ndawo ngokuthi iJehova-jire.*
Yingakho kusathiwa nanamu-
hla: "Entabeni kaJehova, uyo-
lungiselela izinto ezidingeka-
yo."[e]

**15** Ingelosi kaJehova ya-
mbiza okwesibili u-Abrahama

ISAHL. 21
a Gen 12:8, 9; Gen 26:25
b Hu 90:2; Isay 40:28; 1Ti 1:17
c Heb 11:8, 9

ISAHL. 22
d Heb 11:17
e Joh 3:16
f Gen 17:19; Jos 24:3; Rom 9:7
g 2Kr 3:1

Uhla 2
a Joh 1:29; 1Pe 1:18, 19
b Joh 10:17, 18
c Heb 11:17
d Heb 11:17-19; Jak 2:21
e Gen 22:2; 2Kr 3:1

**21:34** *Noma, "wahlala njengesifiki." #NgesiHebheru, "izinsuku eziningi."
**22:6** *Noma, "nommese wokuhlaba."
**22:10** *Noma, "ummese wokuhlaba."
**22:14** *Incazelo: "UJehova Uyolungiselela; UJehova Uyobona."

isezulwini, **16** yathi: "'Ngizi-
funga mina ngokwami,' kusho
uJehova,[a] 'ukuthi ngenxa yo-
kuthi wenze le nto wangayi-
godla indodana yakho oku-
wukuphela kwayo,[b] **17** naka-
njani ngiyokubusisa, nakanja-
ni ngiyoyandisa inzalo* yakho
ibe ngangezinkanyezi zamazu-
lu nangangesihlabathi esiso-
gwini lolwandle,[c] inzalo* yakho
iyodla ifa ledolobha# lezitha
zayo.[d] **18** Ngenzalo*[e] yakho
zonke izizwe zomhlaba ziyozi-
tholela isibusiso ngenxa yoku-
thi ulalele izwi lami.'"[f]

**19** Ngemva kwalokho u-Abra-
hama wabuyela ezincekwini za-
khe, zasukuma bahamba nda-
wonye baya eBheri-sheba;[g]
u-Abrahama waqhubeka ehlala
eBheri-sheba.

**20** Ngemva kwalokho kwa-
bikwa ku-Abrahama: "UMilka
naye umzalele amadodana uNa-
hori umfowenu.[h] **21** U-Uze izi-
bulo lakhe, uBuzi umfowabo,
uKhemuweli uyise ka-Aramu,
**22** uKesedi, uHazo, uPhilida-
she, uJidilafu noBhetuweli."[i]
**23** UBhetuweli wazala uRebhe-
ka.[j] UMilka wazalela umfowa-
bo ka-Abrahama uNahori laba
abangu-8. **24** Isancinza sakhe,
esigama laso kwakunguRewu-
ma, naso sazala amadodana:
uTheba, uGahamu, uThahashi
noMahakha.

**23** USara waphila iminya-
ka engu-127; leyo kwa-
kuyiminyaka eyaphilwa uSara.[k]
**2** USara wafela eKiriyati-ari-
ba,[l] okungukuthi, eHebroni,[m]
ezweni laseKhanani,[n] u-Abra-
hama waqala ukumlilela no-
kumkhalela uSara. **3** U-Abra-
hama wabe esesukuma phambi
komkakhe oshonile wayesethi
emadodaneni kaHeti:[a] **4** "Ngi-
ngowakwelinye izwe futhi ngi-
yisifiki phakathi kwenu.[b] Ngini-
keni indawo ezoba indawo yo-
kungcwaba phakathi kwenu
ukuze ngingcwabe umkami."
**5** Amadodana kaHeti amphe-
ndula u-Abrahama: **6** "Silale-
le, nkosi yami. Uyisikhulu sika-
Nkulunkulu* phakathi kwe-
thu.[c] Ungamngcwaba umka-
kho endaweni ekhetheke kuna-
zo zonke izindawo zethu zoku-
ngcwaba. Akekho noyedwa ki-
thi ozokugodlela indawo ya-
khe yokungcwaba, akuvimbele
ukuba ungcwabe umkakho."

**7** Ngakho u-Abrahama wa-
sukuma waguqa wayesekho-
thama kubantu bakulelo zwe,
emadodaneni kaHeti,[d] **8** wa-
thi kubo: "Uma ningivumela
ukuba ngithathe umkami ngi-
yomngcwaba, ngilaleleni ni-
ncenge u-Efroni indodana ka-
Zohari **9** ukuba angidayisele
umhume wakhe waseMakaphe-
la; usemaphethelweni ensimu
yakhe. Makangidayisele wona
nikhona ngenani eliphelele le-
siliva[e] ukuze ngibe nendawo
yokungcwaba."[f]

**10** Manje u-Efroni wayehle-
zi namadodana kaHeti. Nga-
kho u-Efroni umHeti waphe-
ndula u-Abrahama kuzwa ama-
dodana kaHeti naphambi kwa-
bo bonke abangena esangwe-
ni ledolobha,[g] wathi: **11** "Cha,
nkosi yami! Ngilalele. Ngi-
kunika kokubili insimu no-
mhume okuyo. Ngikunika kona
kukhona amadodana abantu
bakithi. Ngcwaba umkakho."
**12** U-Abrahama waguqa waye-
sekhothama phambi kwabantu
bakulelo zwe **13** wakhuluma

---

**22:17** *NgesiHebheru, "imbewu." #NgesiHebheru, "lesango." **22:18** *NgesiHebheru, "Ngembewu."

**23:6** *Noma kungaba, "Uyisikhulu esikhulu."

ISAHL. 22
a Heb 6:13, 14
b Joh 3:16; Rom 8:32; Heb 11:17
c Gen 13:14, 16; Gen 15:1, 5; IzE 3:25
d Hu 2:8; Dan 2:44
e Gen 3:15; Rom 9:7; Gal 3:16
f Gal 3:8
g Gen 21:31
h Gen 11:26, 29
i Gen 25:20
j Gen 24:15; Rom 9:10

ISAHL. 23
k Gen 17:17
l Jos 14:15
m Gen 35:27; Num 13:22
n Gen 12:5

Uhla 2
a Gen 10:15
b Gen 17:1, 8; Heb 11:9, 13
c Gen 21:22
d 1Kr 1:13
e Gen 23:15
f Gen 25:9, 10; Gen 49:29-33; Gen 50:13, 14
g Rut 4:1

no-Efroni kuzwa abantu, wa-
thi: “Ngicela ungilalele. Ngizo-
kunika inani eliphelele lesiliva
wena unginike insimu. Litha-
the, ukuze ngingcwabe umka-
mi kuyo.”
**14** Ngemva kwalokho u-Efro-
ni wamphendula u-Abrahama:
**15** “Nkosi yami, ngilalele. Le
ndawo ibiza amashekeli* esiliva
angu-400, kodwa lokho akubalu-
lekile kangako. Ngakho ngcwa-
ba umkakho.” **16** U-Abrahama
wamlalela u-Efroni, u-Abrahama
wakalela u-Efroni inani lesili-
va ayelishilo kuzwa amadoda-
na kaHeti, amashekeli* esiliva
angu-400 ngokwesisindo esasa-
mukelwa abathengisi.[a] **17** Nga-
kho insimu ka-Efroni eseMaka-
phela, eyayiphambi kwaseMa-
mre—insimu nomhume okuyo
nazo zonke izihlahla ezingapha-
kathi komngcele wensimu—kwa-
qinisekiswa **18** njengendawo
ka-Abrahama ayithenge kukho-
na amadodana kaHeti, phambi
kwabo bonke ababengena nge-
sango ledolobha. **19** Ngemva
kwalokho u-Abrahama wam-
ngcwaba umkakhe uSara emhu-
meni wensimu yaseMakaphela
phambi kwaseMamre, okungu-
kuthi, eHebroni, ezweni lase-
Khanani. **20** Ngakho insimu
nomhume owawukuyo, amado-
dana kaHeti akudlulisela ku-
Abrahama njengendawo yoku-
ngcwaba.[b]

**24** Manje u-Abrahama waye-
semdala, iminyaka isiha-
mbile, futhi uJehova wayembu-
sisile u-Abrahama kukho ko-
nke.[c] **2** U-Abrahama wathi
encekwini yakhe endala ku-
nazo zonke emndenini wakhe,
eyayiphethe konke ayenakho:[d]
“Ngicela ubeke isandla sakho
ngaphansi kwethanga lami,
**3** ngizokwenza ufunge uJeho-
va, uNkulunkulu wamazulu no-
Nkulunkulu womhlaba, uku-
thi ngeke uyithathele indoda-
na yami umfazi emadodakazi-
ni amaKhanani, engihlala pha-
kathi kwawo.[a] **4** Esikhundleni
salokho kumele uye ezweni la-
kithi nasezihlotsheni zami[b] uyi-
thathele khona indodana yami
u-Isaka umfazi.”
**5** Inceku yathi kuye: “Ku-
thiwani uma lowo wesifaza-
ne engathandi ukuza nami
kuleli zwe? Ingabe-ke kume-
le ngibuyisele indodana ya-
kho ezweni owaphuma kulo?”[c]
**6** U-Abrahama wathi kuyo: “Qi-
niseka ukuthi awuyisi indodana
yami lapho.[d] **7** UJehova uNku-
lunkulu wamazulu, owangitha-
tha endlini kababa nasezwe-
ni lezihlobo zami,[e] owakhulu-
ma nami wafunga kimi,[f] wa-
thi: ‘Leli zwe[g] ngiyolinika inza-
lo*[h] yakho,’ uzothumela ingelo-
si yakhe phambi kwakho,[i] naka-
njani uyoyithathela kulo indoda-
na yami umfazi.[j] **8** Kodwa uma
lowo wesifazane engathandi
ukuza nawe, uyobe ukhululekile
kulesi sifungo. Kodwa ungayisi
indodana yami lapho.” **9** Nge-
mva kwalokho inceku yabeka
isandla sayo ngaphansi kwetha-
nga lika-Abrahama inkosi yayo,
yafunga kuye ngokuphathelene
nale ndaba.[k]
**10** Ngakho inceku yathatha
amakamela ayishumi enkosi
yayo yabe isihamba, yatha-
tha nazo zonke izinhlobo zezi-
nto ezinhle zenkosi yayo. Yabe
isisuka yaya eMesophothamiya
edolobheni likaNahori. **11** Ya-
guqisa amakamela emthonje-
ni wamanzi ngaphandle
kwedolobha. Kwakukusihlwa,

ISAHL. 23
a IzE 7:15, 16
b Gen 25:9, 10; Gen 49:29-33; Gen 50:13, 14

ISAHL. 24
c Gen 13:2
d Gen 15:2, 3

Uhla 2
a Gen 28:1; Dut 7:1, 3; 2Ko 6:14
b Gen 22:20-23
c Gen 11:27, 28; Gen 15:7
d Heb 11:15
e Gen 12:1; Heb 11:8
f Mik 7:20; Luk 1:72, 73; Heb 6:13, 14
g Gen 13:14, 15; Gen 26:3, 4; Dut 34:4; IzE 7:4, 5
h Heb 11:18
i Heb 1:7, 14
j Gen 12:5
k Gen 24:2, 3

**23:15, 16** *Ishekeli lalilingana no-11,4 g. Bheka iSithasiselo B14.

**24:7** *NgesiHebheru, “imbewu.”

ngesikhathi abesifazane aba-
bephuma ngaso bayokha ama-
nzi. **12** Ngemva kwalokho ya-
thi: “Jehova Nkulunkulu we-
nkosi yami u-Abrahama, ngice-
la ungenze ngiphumelele nam-
hlanje, uyibonise uthando olu-
qotho inkosi yami u-Abrahama.
**13** Bheka ngimi emthonjeni
wamanzi, amadodakazi abantu
bedolobha ayaphuma azokha
amanzi. **14** Intombi engizothi
kuyo, ‘Ngicela wehlise isitsha
sakho samanzi ngiphuze,’ yona
iphendule ithi, ‘Phuza, ngizo-
phuzisa namakamela akho,’
kwangathi kungaba yiyo oyi-
khethela inceku yakho u-Isa-
ka; ungibonise ngalokho uku-
thi uyibonise uthando oluqotho
inkosi yami.”
**15** Kwathi ingakaqedi no-
kukhuluma, kwaphuma uRe-
bheka, owayeyindodakazi ka-
Bhetuweli[a] indodana kaMilka[b]
umkaNahori,[c] umfowabo ka-
Abrahama, etshethe isitsha sa-
manzi. **16** Le ntombi yayiyi-
nhle kakhulu, iyintombi nto;
yayingakaze ilale nendoda. Ye-
hlela emthonjeni, yagcwalisa
amanzi esitsheni sayo, yayisi-
khuphuka. **17** Ngaso leso si-
khathi, inceku yagijima yayi-
hlangabeza, yathi: “Ngicela
ungiphuzise kancane amanzi
esitsheni sakho.” **18** Intombi
yathi: “Phuza nkosi yami.” Ngo-
kushesha yehlisela isitsha esa-
ndleni sayo, yayiphuzisa.
**19** Lapho isiqedile ukuyiphuzi-
sa, yathi: “Ngizokhelela nama-
kamela akho amanzi aze aqede
ukuphuza.” **20** Ngokushesha
yathululela isitsha sayo sama-
nzi emkhombeni* wokuphuze-
la yagijima iphindelela iya em-
thonjeni iyokha amanzi, yawa-
khelela wonke amakamela ayo.
**21** Sonke leso sikhathi lo mu-
ntu wayeyigqolozele emangele,
ethule ezibuza ukuthi uJehova
wayeluphumelelisile yini uha-
mbo lwakhe noma cha.
**22** Lapho amakamela eseqe-
dile ukuphuza, lo muntu wa-
khiphela le ntombi indanda-
tho yegolide yasekhaleni ene-
sisindo esiwuhhafu weshekeli*
namabhengela egolide amabi-
li, anesisindo esingamasheke-
li* ayishumi, **23** wathi: “Ngi-
cela ungitshele, uyindodaka-
zi kabani? Ingabe ikhona inda-
wo esingalala kuyo endlini ka-
yihlo?” **24** Yaphendula yathi
kuye: “Ngiyindodakazi kaBhe-
tuweli[a] indodana kaMilka, ayi-
zalela uNahori.”[b] **25** Yeneze-
la: “Sinabo utshani nefoli-
shi elinigi kanye nendawo
yokulala.” **26** Ngemva kwalo-
kho lo muntu waguqa wayese-
khothama phambi kukaJehova
**27** wathi: “Kwangathi uJeho-
va angadunyiswa, uNkulunku-
lu wenkosi yami u-Abrahama,
ngoba akalulahlanga uthando
lwakhe oluqotho nokwethe-
mbeka kwakhe enkosini yami.
UJehova ungiholele endlini ya-
bafowabo benkosi yami.”
**28** Le ntombi yagijima yayo-
tshela umndeni kanina ngale-
zi zinto. **29** URebheka waye-
nomfowabo ogama lakhe lingu-
Labani. Ngakho uLabani[c] wagi-
jima waya kule ndoda eyayinga-
phandle emthonjeni. **30** La-
pho ebona indandatho ya-
sekhaleni namabhengela eza-
ndleni zikadadewabo, ezwa na-
mazwi kadadewabo uRebhe-
ka, ethi: “Le ndoda ikhulu-
me ngale ndlela nami,” waha-
mba wayohlangabeza le ndoda,

**24:20** *Lesi yisitsha esikhulu esisetshenziselwa ukufaka ukudla namanzi ezilwane.

**24:22** *Ishekeli lalilingana no-11,4 g. Bheka iSithasiselo B14.

ISAHL. 24
a Gen 22:23
b Gen 11:29
c Gen 11:26

Uhla 2
a Gen 22:23
b Gen 11:29
c Gen 25:20
Gen 29:10

eyayisame eduze kwamakame-
la emthonjeni. **31** Ngaso leso
sikhathi wathi: “Woza, wena
obusiswe uJehova. Kungani
ulokhu umi lapha ngapha-
ndle? Sengiyilungisile indlu ne-
ndawo yamakamela.” **32** Nge-
mva kwalokho le ndoda yeza
yangena endlini, wakhumula*
amakamela isihlalo namatomu
wawanika utshani nefolishi,
wayinika namanzi ukuba ige-
ze izinyawo zayo nezinyawo za-
bantu ababenayo. **33** Nokho,
lapho kubekwa ukudla pha-
mbi kwayo, yathi: “Ngeke ngi-
dle ngingakakutsheli okufane-
le ngikutshele kona.” Nga-
kho uLabani wathi: “Khulu-
ma!”

**34** Yabe isithi: “Ngiyince-
ku ka-Abrahama.[a] **35** UJeho-
va uyibusise kakhulu inko-
si yami, uyenze yaceba ka-
khulu ngokuyinika izimvu nezi-
nkomo, isiliva negolide, izi-
nceku nezincekukazi namaka-
mela nezimbongolo.[b] **36** Nga-
phezu kwalokho, uSara umka-
nkosi yami wazalela inkosi
yami indodana esegugile,[c] fu-
thi inkosi yami izoyinika ko-
nke enakho.[d] **37** Inkosi yami
yangifungisa, yathi: ‘Ungayi-
thatheli indodana yami umfa-
zi emadodakazini amaKhana-
ni, engihlala ezweni lawo.[e]
**38** Cha, kodwa uzoya endlini
kababa nasemndenini waki-
thi,[f] uyithathele khona indoda-
na yami umfazi.’[g] **39** Kodwa
ngathi enkosini yami: ‘Kuthiwa-
ni uma lowo wesifazane enga-
thandi ukuza nami?’[h] **40** Ya-
thi kimi: ‘UJehova, engiye nga-
hamba phambi kwakhe,[i] uzo-
thumela ingelosi yakhe[j] ukuba
ibe nawe futhi nakanjani uzo-
luphumelelisa uhambo lwakho,
kumele uthathele indodana
yami umfazi emndenini wakithi
nasendlini kababa.[a] **41** Uyo-
khululwa esifungweni sakho
osenze kimi uma uya emnde-
nini wakithi futhi bengakuni-
ki yena. Lokhu kuyokukhulula
esifungweni sakho.’[b]

**42** “Lapho ngifika emtho-
njeni namhlanje, ngithe: ‘Jeho-
va Nkulunkulu wenkosi yami
u-Abrahama, uma uzoluphume-
lelisa uhambo lwami, **43** bhe-
ka ngimi emthonjeni wamanzi.
Okumele kwenzeke ukuthi la-
pho intombi[c] iphuma izokha
amanzi, ngizothi kuyo, “Ngice-
la ungiphuzise amanzi kancane
esitsheni sakho,” **44** yona ithi
kimi, “Phuza, futhi ngizokhele-
la namakamela akho amanzi.”
Lowo wesifazane makube ngu-
ye uJehova amkhethele indo-
dana yenkosi yami.’[d]

**45** “Ngingakaqedi nakukhulu-
ma enhliziyweni yami, nangu
uRebheka ephuma etshethe isi-
tsha, wehlela emthonjeni waqa-
la ukukha amanzi. Ngibe sengi-
thi kuye: ‘Ngicela ungiphuzise.’[e]
**46** Usethule ngokushesha isi-
tsha sakhe wathi: ‘Phuza,[f] ngizo-
phuzisa namakamela akho.’ Ngi-
be sengiphuza, waphuzisa na-
makamela. **47** Ngemva kwalo-
kho ngimbuzile, ‘Uyindodakazi
kabani wena?’ yena wathi, ‘Ngi-
yindodakazi kaBhetuweli indo-
dana kaNahori, ayizalelwa uMi-
lka.’ Ngakho ngifake indanda-
tho ekhaleni lakhe namabhenge-
la ezandleni zakhe.[g] **48** Ngibe
sengiguqa ngakhothama phambi
kukaJehova, ngamdumisa uJe-
hova uNkulunkulu wenkosi yami
u-Abrahama,[h] ongiholele endle-
leni efanele ukuba ngithathele
indodana yenkosi yami indo-
dakazi yomfowabo. **49** Manje
ngitsheleni uma nifisa uku-
yibonisa uthando oluqotho

ISAHL. 24
*a* Gen 15:2, 3
*b* Gen 12:15, 16; Gen 13:2; Gen 24:1
*c* Gen 21:1, 2; Rom 4:19; Heb 11:11
*d* Gen 25:5
*e* Gen 24:2, 3; Gen 28:1
*f* Gen 22:20-23
*g* Gen 24:4
*h* Gen 24:5
*i* Gen 48:15
*j* Heb 1:7, 14

Uhla 2
*a* Gen 11:25
*b* Gen 24:9
*c* Gen 24:16
*d* Gen 24:14
*e* Gen 24:15, 17
*f* Gen 24:18
*g* Gen 24:22, 23
*h* Gen 24:27

**24:32** *Kungenzeka kubhekiselwa kuLa-
bani.

nokwethembeka inkosi yami; kodwa uma kungenjalo, ngitsheleni, ukuze ngiyobheka kwenye indawo."*[a]

**50** Ngemva kwalokho uLabani noBhetuweli baphendula: "Lento ivela kuJehova. Asikwazi ukuthi yebo noma cha kuwe.* **51** Nangu uRebheka phambi kwakho. Mthathe uhambe, makabe umkandodana yenkosi yakho, njengoba nje uJehova ekhulumile." **52** Lapho inceku ka-Abrahama izwa abakushoyo, ngaso leso sikhathi yaguqa yakhothama emhlabathini phambi kukaJehova. **53** Inceku yabe isikhipha izinto zesiliva nezegolide nezingubo yazinika uRebheka, yanika umfowabo nonina izinto eziyigugu. **54** Ngemva kwalokho yona namadoda ayekanye nayo badla baphuza, balala lapho.

Lapho ivuka ekuseni yathi: "Ngivumeleni ngiye enkosini yami." **55** Umfowabo wentombi nonina bathi: "Intombi mayihlale nathi okungenani izinsuku eziyishumi. Ngemva kwalokho ingahamba." **56** Kodwa inceku yathi kubo: "Ningangibambezeli, ngoba uJehova uluphumelelisile uhambo lwami. Ngivumeleni ngihambe, ukuze ngiye enkosini yami." **57** Ngakho bathi: "Masiyibize intombi sizwe ukuthi ithini." **58** Bambiza uRebheka bathi kuye: "Uzohamba yini nalo muntu?" Yena wathi: "Ngizimisele ukuhamba."

**59** Ngakho bamvalelisa udadewabo uRebheka[b] nomzanyana*[c] wakhe nenceku ka-Abrahama namadoda ayekanye nayo. **60** Bambusisa uRebheka bathi kuye: "Dadewethu, kwangathi ungaba izigidi ezingi,* inzalo# yakho mayidle ifa ledolobha△ labayizondayo."[a] **61** Ngemva kwalokho uRebheka nezikhonzi zakhe zesifazane basukuma, bagibela amakamela balandela lowo muntu. Ngakho inceku yamthatha uRebheka yahamba.

**62** Manje u-Isaka wayeqhamuke ngaseBheri-lahayi-royi,[b] ngoba wayehlala ezweni laseNegebhi.[c] **63** U-Isaka wayephumile ezihambela esigangeni kusihlwa ukuze azindle.[d] Lapho ephakamisa amehlo, wabona amakamela eza! **64** Lapho uRebheka ephakamisa amehlo, wabona u-Isaka, wayesehla ngokushesha ekamelini. **65** Wabe esebuza inceku: "Ubani leya ndoda ehamba esigangeni izosihlangabeza?" Inceku yathi: "Inkosi yami." Ngakho wathatha iduku wazimboza. **66** Inceku yatshela u-Isaka zonke izinto eyayizenzile. **67** Ngemva kwalokho u-Isaka wamngenisa etendeni likaSara unina.[e] Wamthatha uRebheka waba umkakhe; wamthanda,[f] u-Isaka waduduzeka ngemva kokushona kukanina.[g]

**25** U-Abrahama waphinda wathatha umfazi, igama lakhe kwakunguKetura. **2** Ngemva kwesikhathi wamzalela uZimrani, uJokishani, uMedani, uMidiyani,[h] u-Ishibaki noShuwahi.[i]

**3** UJokishani wazala uSheba noDedani.

Amadodana kaDedani kwakungu-Ashurimi, uLetushimi noLewumimi.

24:49 *NgesiHebheru, "ngiphendukele kwesokudla noma kwesobunxele." 24:50 *Noma, "Asikwazi ukukhuluma okubi noma okuhle kuwe." 24:59 *Okuwukuthi, umzanyana wakhe manje owayeseyisikhonzi.

24:60 *Noma, "ungaba unina wezinkulungwane ezingenakubalwa." #NgesiHebheru, "imbewu." △NgesiHebheru, "lesango."

ISAHL. 24
a Gen 24:8
b Gen 28:5
c Gen 35:8

Uhla 2
a Gen 22:15, 17
b Gen 16:14; Gen 25:11
c Gen 12:9; Gen 20:1; Num 13:22; Hlu 1:9
d Hu 77:12; Hu 143:5
e Heb 11:9
f Gen 26:8
g Gen 23:2, 19

ISAHL. 25
h Gen 37:28; Eks 2:15; Num 31:2; Hlu 6:2
i 1Kr 1:32, 33

**4** Amadodana kaMidiyani kwakungu-Efa, u-Eferi, uHanoki, u-Abida no-Elidaha.

Wonke lawa kwakungamadodana kaKetura.

**5** Kamuva u-Abrahama wanika u-Isaka konke ayenakho,[a] **6** kodwa u-Abrahama wawapha izipho amadodana akhe ayewazalelwe izancinza zakhe. Wabe esewayisa ngasempumalanga, wawasusa ku-Isaka indodana yakhe,[b] aya ezweni laseMpumalanga. **7** Iminyaka eyaphilwa u-Abrahama yaba ngu-175. **8** Ngemva kwalokho u-Abrahama waphefumula okokugcina futhi wafa esegugile impela, esemdala, anelisekile, bamngcwaba njengoba bangcwaba abantu bakubo.* **9** Amadodana akhe u-Isaka no-Ishmayeli amngcwaba emhumeni waseMakaphela ensimini ka-Efroni indodana kaZohari umHeti, phambi kwaseMamre,[c] **10** insimu u-Abrahama ayeyithenge emadodaneni kaHeti. Wangcwatshwa lapho u-Abrahama nomkakhe uSara.[d] **11** Ngemva kokufa kuka-Abrahama, uNkulunkulu waqhubeka eyibusisa indodana yakhe u-Isaka[e] futhi u-Isaka wayehlala eduze kwaseBheri-lahayiroyi.[f]

**12** Lona umlando ka-Ishmayeli[g] indodana ka-Abrahama, uHagari[h] umGibhithe, incekukazi kaSara, amzalela u-Abrahama.

**13** Yilawa amagama amadodana ka-Ishmayeli, ngokwendabuko yemindeni yawo: izibulo lika-Ishmayeli uNebhayoti[i] bese kuba uKhedari,[j] u-Adibeli, uMibisamu,[k] **14** uMishima, uDuma, uMasa, **15** uHadadi, uThema, uJethuri, uNafishi noKhedema. **16** Lawa amadodana ka-Ishmayeli futhi lawa amagama awo ngokwezindawo zawo zokuhlala nangokwamatende awo,* izikhulu ezingu-12 ngokwemindeni yazo.[a] **17** U-Ishmayeli waphila iminyaka engu-137. Ngemva kwalokho waphefumula okokugcina wayesefa, bamngcwaba njengoba bangcwaba abantu bakubo.* **18** Bahlala kusukela eHavila[b] eduze kwaseShuri,[c] esondelene neGibhithe, kuze kufike e-Asiriya. Wahlala eduze kwabo bonke abafowabo.*[d]

**19** Lona umlando ka-Isaka indodana ka-Abrahama.[e]

U-Abrahama wazala u-Isaka. **20** U-Isaka wayeneminyaka engu-40 ubudala lapho eshada uRebheka, indodakazi kaBhetuweli[f] umAramu wasePhadani-aramu, udadewabo kaLabani umAramu. **21** U-Isaka wayelokhu ecela kuJehova mayelana nomkakhe, ngoba wayeyinyumba; ngakho uJehova wasiphendula isicelo sakhe, umkakhe uRebheka wakhulelwa. **22** Amadodana ayewakhulelwe aqala ukulwa,[g] waze wathi: "Uma izinto zinje, kungani kufanele ngiqhubeke ngiphila?" Ngenxa yalokho wabuza kuJehova. **23** UJehova wathi kuye: "Kukhona izizwe ezimbili esibelethweni sakho,[h] abantu ababili bazohlukaniswa ngaphakathi kuwe;[i] esinye isizwe siyoba namandla kunesinye,[j] omdala uyokhonza omncane."[k]

**24** Lapho kufika isikhathi sokuba abelethe, kwakukhona

ISAHL. 25
a Gen 24:36
b Gen 21:14
c Gen 23:8, 9; Gen 49:29, 30
d Gen 23:2, 19
e Gen 17:19; Gen 26:12-14
f Gen 16:14
g Gen 16:10, 11
h Gal 4:24
i Gen 36:2, 3; Isay 60:7
j Hu 120:5; Jer 49:28; Hez 27:21
k 1Kr 1:29-31

Uhla 2
a Gen 17:20
b 1Sa 15:7
c Gen 16:7, 8
d Gen 16:11, 12
e Gen 22:2; Mat 1:1, 2
f Gen 22:23
g Rom 9:10
h Hu 139:15
i Gen 36:31; Num 20:14
j Gen 27:29, 30; Dut 2:4
k 2Sa 8:14; Mal 1:2, 3; Rom 9:10-13

**25:8, 17** *NgesiHebheru, "wabuthelwa kubantu bakubo." Lena inkulumo esankondlo emayelana nokufa.

**25:16** *Noma, "nangokwamatende abiyelwe ngezindonga." **25:18** *Noma kungaba, "Wabazonda bonke abafowabo."

amawele esibelethweni sakhe.
**25** Owokuqala waphuma ebo-
mvu yonke indawo enjenge-
ngubo yoboya,[a] ngakho ba-
mqamba ngokuthi u-Esawu.*[b]
**26** Ngemva kwalokho kwaphu-
ma umfowabo, isandla sakhe
sibambe isithende sika-Esawu,[c]
ngakho bamqamba ngokuthi
uJakobe.*[d] U-Isaka wayenemi-
nyaka engu-60 ubudala lapho
uRebheka ebazala.

**27** Abafana bakhula, u-Esa-
wu waba umzingeli onekhono,[e]
indoda yasendle, kodwa uJa-
kobe wayeyindoda engasoleki,
ehlala ematendeni.[f] **28** U-Isa-
ka wayethanda u-Esawu, ngo-
ba lokho kwakusho ukuthi uzo-
dla inyama yenyamazane, ku-
yilapho uRebheka yena aye-
thanda uJakobe.[g] **29** Ngesi-
nye isikhathi uJakobe waye-
bilisa isitshulu lapho u-Esawu
ebuya endle ekhathele kakhu-
lu. **30** U-Esawu wathi kuJako-
be: "Ngicela usheshise ungi-
phe kancane isitshulu* esibo-
mvu lapho,# ngoba ngikhathe-
le ngiyingcuba!"△ Yingakho iga-
ma lakhe kwakungu-Edomi.⊠[h]
**31** UJakobe wathi: "Qale ungi-
dayisele ilungelo lakho lobu-
zibulo!"[i] **32** U-Esawu waqhu-
beka: "Bheka sengizofa! Li-
ngisiza ngani ilungelo lobu-
zibulo?" **33** UJakobe waneze-
la: "Funga kimi kuqala!" Waye-
sefunga kuye walidayisela uJa-
kobe ilungelo lakhe lobuzibu-
lo.[j] **34** UJakobe wabe esenika
u-Esawu isinkwa nesitshulu si-
kabhontshisi,* wadla waphuza,
wayesesukuma wahamba. Wali-
delela kanjalo-ke u-Esawu ilu-
ngelo lobuzibulo.

**26** Manje kwaba khona
indlala ezweni, ngapha-
ndle kwendlala yokuqala eyaba
khona ezinsukwini zika-Abra-
hama,[a] kangangokuthi u-Isa-
ka waya ku-Abhimeleki inkosi
yamaFilisti, eGerari. **2** Nge-
mva kwalokho uJehova wabo-
nakala kuye wathi: "Ungehle-
li eGibhithe. Hlala ezweni engi-
kubonisa lona. **3** Hlala kule-
li zwe,[b] ngizoqhubeka ngi-
nawe ngikubusise ngoba wo-
nke la mazwe ngizowanika[c]
wena nenzalo* yakho futhi
ngiyosifeza isifungo engasenza
kuyihlo u-Abrahama:[d] **4** 'Ngi-
yokwandisa inzalo* yakho ibe
ngangezinkanyezi zamazulu;[e]
wonke la mazwe ngiyowanika
inzalo* yakho;[f] ngenzalo# ya-
kho zonke izizwe zomhlaba zi-
yozitholela isibusiso,'[g] **5** nge-
nxa yokuthi u-Abrahama wa-
lalela izwi lami waqhubeka
egcina engikufunayo, imiyalo
yami, izimiso zami nemithetho
yami."[h] **6** Ngakho u-Isaka wa-
qhubeka ehlala eGerari.[i]

**7** Lapho amadoda akuleyo
ndawo elokhu ebuza ngomka-
khe, wayethi: "Ungudadewe-
thu."[j] Wayesaba ukuthi, "Ungu-
mkami," ngoba wathi, "Amado-
da akule ndawo angase angibu-
lale ngenxa kaRebheka," ngoba
wayemuhle.[k] **8** Ngemva kwe-
sikhathi esithile, u-Abhime-
leki inkosi yamaFilisti wayelu-
nguza ngefasitela, wabona u-
Isaka ebonisa uRebheka umka-
khe uthando.*[l] **9** Ngaso leso
sikhathi u-Abhimeleki wabiza
u-Isaka wathi: "Empeleni

---

**25:25** *Incazelo: "Onoboya Obuningi." **25:26** *Incazelo: "Obamba Isithende; Ongena Esikhundleni." **25:30** *Noma, "ungiphe umthamo wesitshulu." #NgesiHebheru, "okubomvu, lokhu okubomvu." △Noma, "ngilambe kakhulu." ⊠Incazelo: "Okubomvu." **25:34** *NgesiHebheru, "sikadali."

**26:3** *NgesiHebheru, "nembewu." **26:4** *NgesiHebheru, "imbewu." #NgesiHebheru, "ngembewu." **26:8** *Noma, "anga uRebheka umkakhe."

ISAHL. 25
a Gen 27:11
b Gen 27:32; Gen 36:9; Mal 1:3
c Hos 12:3
d Gen 27:36
e Gen 27:3, 5
f Heb 11:9
g Gen 27:6, 7, 46
h Gen 36:1
i Dut 21:16, 17
j Heb 12:16

Uhla 2

ISAHL. 26
a Gen 12:10
b Gen 20:1; Heb 11:8, 9
c Gen 12:7; Gen 15:18
d Gen 22:16-18; Hu 105:9-11; Heb 6:13, 14
e Gen 15:1, 5; Heb 11:12
f Dut 34:4
g Gen 12:1-3; IzE 3:25; Gal 3:8
h Gen 17:10, 23; Gen 22:3, 12; Heb 11:8; Jak 2:21
i Gen 26:17
j Gen 12:11-13
k Gen 24:16
l Gen 24:67

umkakho lo! Kungani uthe,
'Ungudadewethu'?" U-Isaka wa-
phendula wathi kuye: "Ngisho
kanjalo ngoba ngesaba uku-
thi ngingase ngife ngenxa
yakhe."[a] **10** Kodwa u-Abhime-
leki wathi: "Yini le osenze
yona?[b] Bekungaba lula ukuba
omunye wabantu alale nomka-
kho, ubuzobe usilethele icala!"[c]
**11** U-Abhimeleki wabe eseya-
la bonke abantu, wathi: "Noma
ubani othinta le ndoda nomka-
yo uyobulawa nakanjani!"

**12** U-Isaka waqala ukuhlwa-
nyela imbewu kulelo zwe, nga-
lowo nyaka lokho akutsha-
la wakuvuna ngokuphindwe izi-
khathi eziyikhulu, ngoba uJe-
hova wayembusisa.[d] **13** Lo
muntu waceba, waqhubeka
echuma kwaze kwaba yilapho
esecebe kakhulu. **14** Waba
nemihlambi yezimvu, imihla-
mbi yezinkomo nezinceku ezi-
ningi kakhulu,[e] amaFilisti aqa-
la ukumfela umona.

**15** Ngakho amaFilisti atha-
tha umhlabathi ayigqiba yonke
imithombo izinceku zikayise
ezaziyimbile ezinsukwini zika-
Abrahama.[f] **16** U-Abhimeleki
wabe esethi ku-Isaka: "Suka,
ungabe usakhelana nathi, ngo-
ba usunamandla kakhulu kuna-
thi." **17** Ngakho u-Isaka wasu-
ka lapho wagxumeka itende la-
khe esigodini* saseGerari,[g] wa-
hlala khona. **18** U-Isaka wa-
phinde wayimba imithombo
eyayimbiwe ezinsukwini zika-
yise u-Abrahama kodwa eyayi-
gqitshwe amaFilisti ngemva ko-
kufa kuka-Abrahama,[h] wayiqa-
mba ngamagama uyise ayeyiqa-
mbe wona.[i]

**19** Lapho izinceku zika-Isa-
ka zimba esigodini,* zathola
umthombo wamanzi ahlanzeki-
le. **20** Abelusi baseGerari ba-
qala ukuxabana nabelusi baka-
Isaka, bethi: "Awethu la ma-
nzi!" Ngakho waqamba lowo
mthombo ngokuthi i-Ese-
khi,* ngoba babexabane naye.
**21** Bamba omunye umthombo,
baphinde baxabana nangawo.
Ngakho wawuqamba ngoku-
thi iSitina.* **22** Kamuva wasu-
ka lapho wamba omunye um-
thombo, kodwa abaxabana-
nga ngawo. Ngakho wawuqa-
mba ngokuthi iRehobhoti,* wa-
thi: "Kungenxa yokuthi manje
uJehova usinike indawo eyane-
le futhi usandisile ezweni."[a]

**23** Ngemva kwalokho wa-
suka lapho wakhuphukela
eBheri-sheba.[b] **24** Ngalobo
busuku uJehova wabonakala
kuye wathi: "NginguNkulunku-
lu ka-Abrahama[c] uyihlo. Unge-
sabi[d] ngoba nginawe, ngizo-
kubusisa ngandise inzalo* ya-
kho ngenxa ka-Abrahama ince-
ku yami."[e] **25** Wakha i-altare
lapho wamemezela igama li-
kaJehova.[f] U-Isaka wagxumeka
itende lakhe lapho,[g] nezince-
ku zakhe zamba umthombo la-
pho.

**26** Kamuva u-Abhimeleki
weza kuye evela eGerari eha-
mba nomeluleki wakhe u-Ahu-
zati noFikoli induna yebu-
tho lakhe.[h] **27** U-Isaka wathi
kubo: "Nizokwenzani kimi ngo-
ba naningizonda futhi nangi-
xosha ukuba ngingabe ngi-
sakhelana nani?" **28** Bona ba-
thi: "Sibone ngokucacile uku-
thi uJehova ubelokhu ena-
we.[i] Ngakho sithe, 'Sicela
kube khona isifungo esipha-
kathi kwethu nawe futhi ma-
senze isivumelwano nawe[j]

**ISAHL. 26**
*a* Gen 20:11
*b* Gen 12:18
*c* Gen 20:9
*d* Gen 24:34, 35
*e* Gen 12:16
*f* Gen 21:27, 30
*g* Gen 10:19; Gen 20:1
*h* Gen 21:25
*i* Gen 21:31

**Uhla 2**
*a* Gen 17:5, 6; Gen 28:1, 3
*b* Gen 21:31
*c* Gen 17:1; Gen 28:13
*d* Gen 15:1
*e* Gen 17:19; Hu 105:9-11
*f* Gen 12:8, 9
*g* Heb 11:9
*h* Gen 21:32
*i* Gen 21:22
*j* Gen 21:27

---

**26:17, 19** *Noma, "emhosheni."

**26:20** *Incazelo: "Ingxabano." **26:21** *Incazelo: "Ukumangalela." **26:22** *Incazelo: "Izigcawu." **26:24** *NgesiHebheru, "imbewu."

**29** sokuthi ngeke wenze lutho
olubi kithi njengoba nje nathi
singazange sikulimaze, njengo-
ba senze okuhle kodwa kuwe
sakuhambisa ngokuthula. Ma-
nje wena ungobusisiwe kaJe-
hova.'" **30** Wabe esebenzela
idili, badla baphuza. **31** Bavu-
ka kusesekuseni kakhulu, ba-
funga omunye komunye.[a] Nge-
mva kwalokho u-Isaka wabaha-
mbisa ngokuthula.

**32** Ngalolo suku kwafika
izinceku zika-Isaka zambike-
la ngomthombo ezaziwumbile,[b]
zathi kuye: "Sithole amanzi!"
**33** Ngakho wawuqamba ngo-
kuthi iShiba. Yingakho iga-
ma lalelo dolobha kuyiBheri-
sheba[c] kuze kube namuhla.

**34** Lapho u-Esawu esenemi-
nyaka engu-40 ubudala, watha-
tha uJuditi indodakazi kaBhe-
yeri umHeti waba umkakhe no-
Bhasemati indodakazi ka-Eloni
umHeti.[d] **35** Babeyimbangela
yosizi olukhulu* ku-Isaka noRe-
bheka.[e]

**27** Lapho u-Isaka esemda-
la engasaboni kahle eme-
hlweni, wabiza u-Esawu[f] indo-
dana yakhe endala wathi kuye:
"Ndodana yami!" Waphendu-
la wathi: "Ngilapha!" **2** Wa-
qhubeka wathi: "Manje sengi-
mdala. Angilwazi usuku lokufa
kwami. **3** Ngakho manje, ngi-
cela uthathe izikhali zakho,
umgodla wakho nomnsalo wa-
kho, uhambe uye endle ungi-
zingelele inyamazane.[g] **4** Nge-
mva kwalokho ungenzele isi-
dlo esimnandi engisithandayo
usilethe kimi. Ngizosidla uku-
ze ngikubusise ngaphambi ko-
kuba ngife."

**5** Nokho, uRebheka waye-
lalele lapho u-Isaka ekhulu-
ma no-Esawu indodana ya-
khe. U-Esawu waya endle uku-
ze azingele inyamazane abuye
nayo.[a] **6** URebheka wathi ku-
Jakobe indodana yakhe:[b] "La-
lela, ngisanda kuzwa uyihlo
ekhuluma nomfowenu u-Esa-
wu, ethi, **7** 'Ngilethele inya-
mazane ungenzele isidlo esi-
mnandi. Ngizosidla ukuze ngi-
kubusise phambi kukaJehova
ngingakafi.'[c] **8** Manje ndoda-
na yami, lalelisisa futhi wenze
engikuyala ngakho.[d] **9** Ngice-
la uye emhlanjini ungithathe-
le khona amazinyane amabili
ezimbuzi amahle, ukuze nge-
nzele uyihlo isidlo esimna-
ndi, ngendlela asithanda nga-
yo. **10** Ngemva kwalokho usi-
hambise kuyihlo adle, ukuze
akubusise ngaphambi kokuba
afe."

**11** UJakobe wathi kunina
uRebheka: "Kodwa u-Esawu
umfowethu ungumuntu onobo-
ya[e] kanti mina isikhumba sami
asinabo. **12** Kuthiwani uma
ubaba engithinta?[f] Nakanja-
ni kuzoba sengathi ngihlekisa
ngaye, bese ngizilethela isiqa-
lekiso kunesibusiso." **13** Uni-
na wabe esethi kuye: "Isiqa-
lekiso esibhekiswe kuwe masi-
be phezu kwami, ndodana
yami. Yenza njengoba ngisho
uhambe, ungithathele wona."[g]
**14** Ngakho wahamba wawatha-
tha wawaletha kunina, uni-
na wenza isidlo esimnandi,
ngendlela u-Isaka asithanda
ngayo. **15** Ngemva kwalokho
uRebheka wathatha izingubo
ezinhle zendodana yakhe enda-
la u-Esawu, ezazisendlini, wazi-
gqokisa indodana yakhe enca-
ne uJakobe.[h] **16** Wabeka nezi-
khumba zamazinyane ezimbu-
zi ezandleni zikaJakobe nase-
ngxenyeni engenaboya yenta-
mo yakhe.[i] **17** Ngemva kwalo-

26:35 *NgesiHebheru, "yomoya omunyu."

ISAHL. 26
a Gen 21:22-24
b Gen 26:18
c Hlu 20:1
d Gen 36:2, 3
e Gen 27:46, Gen 28:8

ISAHL. 27
f Gen 25:28
g Gen 25:27

Uhla 2
a Gen 27:30
b Gen 25:28
c Gen 27:30, 31
d Gen 27:13, 43
e Gen 25:25, Gen 27:23
f Gen 27:21
g Gen 27:8, 43
h Gen 25:23, 26
i Gen 25:25, Gen 27:11

kho uRebheka wanika uJakobe
indodana yakhe isidlo esimna-
ndi nesinkwa ayesenzile.[a]

**18** Ngakho wangena kuyi-
se wathi: "Baba!" yena wa-
thi: "Ngilapha! Ungubani, ndo-
dana yami?" **19** UJakobe wa-
thi kuyise: "Ngingu-Esawu izi-
bulo lakho.[b] Ngenze njengo-
ba nje ukhulumile kimi. Ngice-
la uvuke uhlale, udle inya-
mazane yami, ukuze ungibusi-
se."[c] **20** U-Isaka yena wathi
endodaneni yakhe: "Kwenzeke
kanjani ukuba usheshe kanga-
ka ukuyithola, ndodana yami?"
Yena wathi: "Kungenxa yoku-
thi uJehova uNkulunkulu wa-
kho uyilethe kimi." **21** U-Isa-
ka wabe esethi kuJakobe: "Ngi-
cela usondele ukuze ngikuthi-
nte, ndodana yami, ukuze nga-
zi ukuthi uyindodana yami u-
Esawu ngempela noma cha."[d]
**22** Ngakho uJakobe wasonde-
la kuyise u-Isaka, uyise wam-
thinta, okwathi ngemva kwalo-
kho wathi: "Izwi liyizwi likaJa-
kobe, kodwa izandla yizandla
zika-Esawu."[e] **23** Akabonanga
ukuthi kwakunguJakobe ngo-
ba izandla zakhe zazinoboya
njengezandla zika-Esawu umfo-
wabo. Ngakho wambusisa.[f]

**24** Ngemva kwalokho wabu-
za: "Uyindodana yami u-Esawu
ngempela?" waphendula wa-
thi: "Nginguye." **25** Wabe ese-
thi: "Ngilethele inyamazane
ukuze ngidle ndodana yami,
ngemva kwalokho ngizokubusi-
sa." Ngakho wayiletha kuye wa-
dla, wamlethela newayini wa-
phuza. **26** U-Isaka uyise wabe
esethi kuye: "Ngicela uso-
ndele ungiqabule,* ndodana
yami."[g] **27** Ngakho wasondela
wamqabula, wezwa iphunga le-
zingubo zakhe.[a] Wayesembusi-
sa wathi:

"Lalela, iphunga lendodana
yami linjengephunga lensimu
uJehova ayibusisile. **28** Kwa-
ngathi uNkulunkulu weqiniso
angakunika amazolo amazulu[b]
nenhlabathi evundile yomhla-
ba[c] nokudla okusanhlamvu oku-
ningi newayini elisha.[d] **29** Isi-
zwe masikukhonze nezizwe zi-
kukhothamele. Yiba inkosi phe-
zu kwabafowenu, amadodana
kanyoko akukhothamele.[e] Ma-
baqalekiswe bonke abakuqale-
kisayo, kubusiswe bonke aba-
kubusisayo."[f]

**30** Manje u-Isaka wayeseqe-
dile ukubusisa uJakobe, fu-
thi uJakobe wayesanda kusuka
phambi kukayise u-Isaka lapho
kubuya umfowabo u-Esawu,
evela ekuzingeleni kwakhe.[g]
**31** Naye wenza isidlo esimna-
ndi wasiletha kuyise, wathi
kuye: "Vuka baba, udle inyama-
zane yendodana yakho, ukuze
ungibusise." **32** U-Isaka uyi-
se wabe esethi: "Ungubani?"
yena wathi: "Ngiyindodana ya-
kho, izibulo lakho, u-Esawu."[h]
**33** U-Isaka waqala ukwethuka
kakhulu, ngakho wathi: "Pho,
bekungubani lo ozingele inya-
mazane weyiletha kimi? Ngi-
yidlile ungakafiki ngambusisa
—futhi nakanjani uzobusiswa!"
**34** Lapho ezwa amazwi ka-
yise, u-Esawu wamemeza ekha-
la kakhulu kalusizi, wathi ku-
yise: "Ngibusise nami baba!"[i]
**35** Kodwa wathi: "Umfowenu
ungene ngobuqili ukuze atho-
le isibusiso obekungesakho."
**36** U-Esawu wathi: "Akaqanji-
we yini kufanele ngokuthi uJa-
kobe,* njengoba engene esi-
khundleni sami okwesibili?[j]

---

**27:26** *Ukuqabula umuntu, njengasesihlathini, kwakuyindlela evamile yokubingelela.

**27:36** *Incazelo: "Obamba Isithende; Ongena Esikhundleni."

ISAHL. 27
a Gen 27:9
b Gen 25:31-33; Rom 9:10-12
c Gen 27:4
d Gen 27:11, 12
e Gen 27:16
f Heb 11:20
g Gen 48:10

Uhla 2
a Gen 25:27; Gen 27:15
b Dut 11:11
c Num 13:26, 27
d Gen 27:37; Dut 7:13
e Gen 25:23
f Gen 12:1, 3; Gen 28:1, 3; Gen 31:42; Hez 25:12, 13
g Gen 27:3
h Gen 25:25, 31; Heb 12:16
i Heb 12:16, 17
j Gen 25:26; Gen 32:28; Hos 12:3

Ilungelo lami lobuzibulo useli-
thathile kakade,[a] manje use-
thathe isibusiso sami!"[b] Wabe
esenezela: "Awungigcinelanga
yini mina isibusiso?" **37** Ko-
dwa u-Isaka waphendula u-Esa-
wu wathi: "Bheka ngimmise
ukuba abe inkosi phezu kwa-
kho,[c] ngimnike bonke aba-
fowabo ukuba babe izince-
ku zakhe, ngimnike nokudla
okusanhlamvu newayini eli-
sha.[d] Yini-ke esele engingakwe-
nzela yona ndodana yami?"
**38** U-Esawu wathi kuyise:
"Ingabe sinye nje kuphela isi-
busiso onaso, baba? Ngibusise
nami baba!" U-Esawu wakhala
kakhulu, wakhala izinyembezi.[e]
**39** Ngakho uyise u-Isaka wam-
phendula, wathi:
"Lalela, indawo yakho yoku-
hlala iyoba kude nenhlabathi
evundile yomhlaba, iyoba kude
namazolo amazulu aphezulu.[f]
**40** Uyophila ngenkemba ya-
kho,[g] ukhonze umfowenu.[h] Ko-
dwa lapho ungasakwazi ukube-
kezela, uyozikhulula ejokeni la-
khe lisuke entanyeni yakho."[i]
**41** Nokho, u-Esawu wafuka-
mela inzondo ngoJakobe nge-
nxa yesibusiso uyise aye-
mnike sona,[j] u-Esawu waye-
lokhu ethi enhliziyweni ya-
khe: "Izinsuku zokulilela uba-
ba ziyasondela.[k] Ngemva kwa-
lokho ngizombulala uJakobe
umfowethu." **42** Lapho uRe-
bheka etshelwa amazwi endo-
dana yakhe endala u-Esawu,
wathumela ngaso leso sikhathi
wabiza indodana yakhe encane
uJakobe wathi kuyo: "Lalela!
Umfowenu u-Esawu ufuna uku-
ziphindiselela ngokukubulala.*
**43** Manje ndodana yami, ye-
nza njengoba ngisho. Sukuma,
ubalekele kumfowethu uLaba-
ni eHarana.[a] **44** Uhlale naye
isikhashana kuze kwehle ulaka
kumfowenu, **45** kuze kubohle
intukuthelo yomfowenu futhi
akukhohlwe lokho okwenze
kuye. Ngiyobe sengithumela
ukuba ulandwe khona. Kunga-
ni kufanele ngilahlekelwe yini
nobabili ngosuku olulodwa?"
**46** Ngemva kwalokho uRe-
bheka wayelokhu ethi ku-Isa-
ka: "Ngiyakwenyanya ukuphi-
la kwami ngenxa yamadodaka-
zi kaHeti.[b] Uma uJakobe enga-
thatha umfazi emadodakazini
kaHeti, njengala madodakazi
akuleli zwe, kunanzuzoni uku-
phila kwami?"[c]

**28** Ngakho u-Isaka wabiza
uJakobe wambusisa, wa-
myala wathi kuye: "Ungamtha-
thi umfazi emadodakazini ase-
Khanani.[d] **2** Hamba uye ePha-
dani-aramu endlini kaBhetuwe-
li uyise kanyoko, uzithathe-
le khona umfazi emadodaka-
zini kaLabani,[e] umfowabo ka-
nyoko. **3** UNkulunkulu uMni-
nimandla Onke uzokubusisa
akwenze uzale wande, ngoku-
qinisekile ube iqembu lezizwe.[f]
**4** Uyokunika isibusiso sika-
Abrahama,[g] wena nenzalo* ya-
kho, ukuze udle ifa lezwe obu-
lokhu uhlala kulo njengesifiki,
uNkulunkulu alinike u-Abraha-
ma."[h]
**5** Ngakho u-Isaka wamha-
mbisa uJakobe waya ePhadani-
aramu, kuLabani indodana ka-
Bhetuweli umAramu,[i] umfowa-
bo kaRebheka,[j] unina kaJako-
be no-Esawu.
**6** U-Esawu wabona ukuthi
u-Isaka wayembusisile uJako-
be, wamyisa ePhadani-aramu
ukuze athathe khona umfa-
zi, nokuthi lapho embusisa

ISAHL. 27
*a* Gen 25:32-34
*b* Gen 27:28
*c* Gen 25:23, Gen 27:29, Rom 9:10, 12
*d* Dut 33:28
*e* Heb 12:16, 17
*f* Jos 24:4, Heb 11:20
*g* Gen 32:6, Num 20:18
*h* Gen 25:23, 2Sa 8:14, Mal 1:2, 3
*i* 2Kh 8:20, 2Kr 28:17
*j* Amo 1:11
*k* Gen 35:28, 29

Uhla 2
*a* Gen 28:5
*b* Gen 26:34, 35, Gen 28:8
*c* Gen 24:2, 3

ISAHL. 28
*d* Gen 24:34, 37, Eks 34:15, 16, 1Kh 11:1-3, 2Ko 6:14
*e* Gen 29:16
*f* Gen 17:5, Gen 46:15, 19, 1Kr 2:1, 2
*g* Gen 12:2, 3
*h* Gen 12:7, Gen 15:13, Gen 17:1, 8, Heb 11:9
*i* Gen 25:20
*j* Gen 24:29

**27:42** *Noma, "uziduduza ngemicabango yokukubulala."

**28:4** *NgesiHebheru, "nembewu."

wamyala, “Ungamthathi umfazi
emadodakazini aseKhanani,”[a]
**7** uJakobe wamlalela uyise no-
nina, waya ePhadani-aramu.[b]
**8** U-Esawu wabe esebona uku-
thi amadodakazi aseKhanani
ayengathandeki kuyise u-Isa-
ka,[c] **9** ngakho u-Esawu waya
ku-Ishmayeli wathatha uMaha-
lati indodakazi yendodana ka-
Abrahama u-Ishmayeli, udade-
wabo kaNebhayoti, ngaphe-
zu kwabanye abafazi ayesena-
bo kakade.[d]

**10** UJakobe wahamba esu-
ka eBheri-sheba waphikele-
la ngaseHarana.[e] **11** Ngemva
kwesikhathi wafika endawe-
ni ethile walungiselela ukulala
khona ngalobo busuku ngoba
ilanga lase lishonile. Ngakho
wathatha elinye lamatshe aku-
leyo ndawo waqamela kulo, wa-
lala lapho.[f] **12** Wabe esephu-
pha, bheka! kwakukhona isi-
tebhisi* simi emhlabeni, sa-
sifinyelela phezulu emazulwini;
kwakunezingelosi zikaNkulu-
nkulu ezazehla zenyuka kuso.[g]
**13** Bheka! uJehova wayemi
phezu kwaso, wathi:

“NginguJehova uNkulunkulu
ka-Abrahama uyihlo noNkulu-
nkulu ka-Isaka.[h] Izwe olele kulo
ngiyolinika wena nenzalo* ya-
kho.[i] **14** Nakanjani inzalo* ya-
kho iyoba njengezinhlayiya zo-
thuli lomhlaba,[j] uyosakazeka
kabanzi uye entshonalanga na-
sempumalanga nasenyakatho
naseningizimu, futhi ngawe na-
ngenzalo# yakho yonke iminde-
ni yomhlaba nakanjani iyobusi-
swa.△[k] **15** Nginawe, ngizoku-
qapha nomaphi lapho uya kho-
na futhi ngiyokubuyisela kule-
li zwe.[a] Ngeke ngikushiye kuze
kube yilapho sengikwenzile
engikuthembise kona.”[b]

**16** UJakobe wabe esepha-
phama ebuthongweni wathi:
“Ngempela uJehova ukule nda-
wo, kodwa mina angazanga.”
**17** Waqala ukwesaba wayese-
nezela: “Yeka ukuthi imangali-
sa kangakanani le ndawo! Ku-
sobala ukuthi lena indlu ka-
Nkulunkulu[c] futhi leli isango
lamazulu.”[d] **18** UJakobe wa-
vuka ekuseni kakhulu watha-
tha itshe ayeqamele kulo wali-
misa njengensika wathela ama-
futha phezu kwalo.[e] **19** Nga-
kho waqamba leyo ndawo ngo-
kuthi iBhethele, kodwa iga-
ma layo kwakuyiLuze[f] ngapha-
mbili.

**20** UJakobe wabe esenza
isifungo, wathi: “Uma uNkulu-
nkulu ezoqhubeka enami, ezo-
ngivikela ohambweni lwami,
anginike nesinkwa sokudla ne-
zingubo zokugqoka, **21** ngi-
buyele ngokuthula endlini ka-
baba, uJehova nakanjani uyo-
be ebe uNkulunkulu wami.
**22** Leli tshe engilimise nje-
ngensika liyoba indlu kaNku-
lunkulu,[g] nakanjani ngiyokuni-
ka okweshumi kwakho konke
onginika kona.”

**29** Ngemva kwalokho uJa-
kobe waqhubeka noha-
mbo lwakhe waya ezweni laba-
ntu baseMpumalanga. **2** Wa-
bona umthombo endle nemi-
hlambi emithathu yezimvu ile-
le eduze kwawo, ngoba ba-
bevame ukuphuzisa imihlambi
kulowo mthombo. Kwakune-
tshe elikhulu phezu komlomo
womthombo. **3** Lapho yonke
imihlambi isiqoqelwe ndawo-
nye emthonjeni, babeligingqa
itshe balisuse emlonyeni wom-
thombo, baphuzise imihlambi,

**ISAHL. 28**
a Gen 28:1; 2Ko 6:14
b Gen 27:43
c Gen 27:46
d Gen 36:2, 3
e Gen 11:31; Gen 27:43
f Gen 28:18, 19
g Joh 1:51; Heb 1:7, 14
h Gen 26:24, 25
i Gen 12:7; Gen 28:4; Hu 105:9-11
j Gen 13:14, 16; 1Kh 4:20
k Gen 18:18; Gen 22:15, 18

**Uhla 2**
a Gen 35:6
b Gen 31:3; Num 23:19; Jos 23:14; Heb 6:18
c Hu 47:2
d Gen 35:1
e Gen 31:13
f Gen 35:6; Jos 16:1, 2
g Gen 35:1

**28:12** *Noma, “iladi.” **28:13** *NgesiHebheru, “nembewu.” **28:14** *NgesiHebheru, “imbewu.” #NgesiHebheru, “nangembewu.” △Noma, “iyozitholela isibusiso.”

bese bebuyisela itshe endawe-
ni yalo phezu komlomo wom-
thombo.

**4** Ngakho uJakobe wathi
kubo: “Bafowethu, nivela kuyi-
phi indawo?” Bona bathi: “Sivela
eHarana.”[a] **5** Wathi kubo: “Ni-
yamazi uLabani[b] umzukulu ka-
Nahori?”[c] Bona bathi: “Siyama-
zi.” **6** Wabe esethi kubo: “Uya-
phila?” Bona bathi: “Uyaphila.
Nansi nendodakazi yakhe uRa-
heli[d] iza nezimvu!” **7** Ngemva
kwalokho wathi: “Kusesemini.
Akusona isikhathi sokuqoqa
imihlambi. Phuzisani izimvu,
bese niziyisa emadlelweni.”
**8** Bathi: “Asivunyelwe ukwenza
kanjalo kuze kube yilapho yo-
nke imihlambi isiqoqelwe nda-
wonye, sagingqa itshe lasu-
ka emlonyeni womthombo. Nge-
mva kwalokho singaziphuzisa
izimvu.”

**9** Esakhuluma nabo, uRahe-
li wafika nezimvu zikayise, ngo-
ba wayezelusa. **10** Lapho uJa-
kobe ebona uRaheli, indodakazi
kaLabani umalume wakhe, ne-
zimvu zikaLabani, uJakobe wa-
sondela ngokushesha waligi-
ngqa itshe walisusa emlonye-
ni womthombo waphuzisa izi-
mvu zikaLabani umalume wa-
khe. **11** UJakobe wabe ese-
mqabula* uRaheli, waqala uku-
khala kakhulu. **12** UJakobe
watshela uRaheli ukuthi uyisi-
hlobo* sikayise nokuthi uyindo-
dana kaRebheka. URaheli wagi-
jima wayotshela uyise.

**13** Ngokushesha ngemva ko-
kuba uLabani[e] ezwe umbiko
ngoJakobe umshana wakhe,
wagijima waya kuye. Wama-
nga wayesemqabula,* wamnge-
nisa endlini yakhe. Watshe-
la uLabani zonke lezi zinto.
**14** ULabani wathi kuye: “Nge-
mpela uyithambo lami nenya-
ma yami.”* Ngakho wahlala naye
inyanga yonke.

**15** Ngemva kwalokho uLaba-
ni wathi kuJakobe: “Ingabe ku-
fanele ungisebenzele mahha-
la ngenxa nje yokuthi uyisihlo-
bo[a] sami?* Ngitshele, izoba yini
inkokhelo yakho?”[b] **16** ULaba-
ni wayenamadodakazi amabi-
li. Endala igama layo kwa-
kunguLeya, encane kunguRa-
heli.[c] **17** Kodwa amehlo kaLe-
ya ayebuthaka, kuyilapho uRa-
heli ayengowesifazane omuhle,
omi kahle. **18** UJakobe waye-
semthanda uRaheli, ngakho wa-
thi kuLabani: “Ngizimisele uku-
kusebenzela iminyaka eyisikho-
mbisa ngenxa yendodakazi ya-
kho encane uRaheli.”[d] **19** ULa-
bani wathi: “Kungcono ukuba
ngimnike wena kunokuba ngi-
mnike enye indoda. Qhubeka
uhlala nami.” **20** UJakobe wa-
khonza iminyaka eyisikhombisa
ngenxa kaRaheli,[e] kodwa eme-
hlweni akhe yaba njengezi-
nsuku ezimbalwa ngenxa ye-
ndlela ayemthanda ngayo.

**21** Ngemva kwalokho uJako-
be wathi kuLabani: “Nginike
umkami ngoba izinsuku zami
seziphelile, ungivumele ngila-
le naye.” **22** Kulokho uLabani
waqoqa wonke amadoda enda-
wo wenza idili. **23** Kodwa kwa-
thi kusihlwa wathatha indo-
dakazi yakhe uLeya wayile-
tha kuJakobe ukuze alale nayo.
**24** ULabani waphinde wathatha
incekukazi yakhe uZilipha wa-
yinika indodakazi yakhe uLe-
ya ukuba ibe incekukazi ya-

---

**29:11, 13** *Ukuqabula umuntu, njenga-sesihlathini, kwakuyindlela evamile yokubingelela. **29:12** *NgesiHebheru, “ungumfowabo.”

**29:14** *Noma, “uyisihlobo sami segazi.” **29:15** *NgesiHebheru, “ungumfowethu.”

---

**ISAHL. 29**

*a* Gen 27:42, 43; IzE 7:2
*b* Gen 24:29
*c* Gen 24:24; Gen 31:53
*d* Gen 46:19; Rut 4:11
*e* Gen 24:29

**Uhla 2**

*a* Gen 28:5
*b* Gen 30:27, 28; Gen 31:7
*c* Rut 4:11
*d* Gen 31:41
*e* Gen 30:26; Hos 12:12

khe.[a] **25** Ekuseni uJakobe wa-
bona ukuthi kwakunguLeya!
Ngakho wathi kuLabani: "Yini le
ongenze yona? Angikusebenze-
langa yini ngenxa kaRaheli? Pho
ungikhohliseleni?"[b] **26** ULaba-
ni wathi: "Akulona isiko lethu la-
pha ukuganisa owesifazane om-
ncane ngaphambi kwezibulo.
**27** Lijabulele isonto lalona we-
sifazane. Ngemva kwalokho uzo-
nikwa nalona omunye wesifa-
zane ngokungisebenzela emi-
nye iminyaka eyisikhombisa."[c]
**28** UJakobe wenza kanjalo wa-
lijabulela isonto lalona wesifa-
zane, okwathi ngemva kwalokho
uLabani wamganisela indodaka-
zi yakhe uRaheli. **29** Ngaphe-
zu kwalokho, uLabani wathatha
incekukazi yakhe uBhiliha[d] wa-
yinika indodakazi yakhe uRa-
heli ukuba ibe incekukazi ya-
khe.[e]

**30** Ngemva kwalokho uJako-
be walala noRaheli, wamthanda
ngaphezu kukaLeya, wabe ese-
sebenzela uLabani eminye imi-
nyaka eyisikhombisa.[f] **31** La-
pho uJehova ebona ukuthi
uLeya wayengathandwa,* wa-
menza wakwazi ukukhulelwa,#[g]
kodwa uRaheli wayeyinyumba.[h]
**32** Ngakho uLeya wakhulelwa
wazala indodana wayiqamba
ngokuthi uRubeni,*[i] ngoba wa-
thi: "Kungenxa yokuthi uJeho-
va ulubonile usizi lwami,[j] ngo-
ba manje umyeni wami usezoqa-
la ukungithanda." **33** Waphi-
nde wakhulelwa wazala indoda-
na wayesethi: "Kungenxa yoku-
thi uJehova uye walalela, ngoba
bengingathandwa, ngakho wa-
nginika nalena futhi." Wabe ese-
yiqamba ngokuthi uSimeyoni.*[k]
**34** Waphinde wakhulelwa waza-
la indodana wayesethi: "Manje
umyeni wami usezonamathela
kimi, ngoba ngimzalele amado-
dana amathathu." Ngakho yaqa-
njwa ngokuthi uLevi.*[a] **35** Wa-
phinda futhi wakhulelwa wazala
indodana wayesethi: "Kulokhu
ngizomdumisa uJehova." Nga-
kho wayiqamba ngokuthi uJu-
da.*[b] Ngemva kwalokho akaba-
nge esazala.

**30** Lapho uRaheli ebona
ukuthi akamzalelanga
uJakobe abantwana, uRahe-
li waba nomona ngodadewabo
wathi kuJakobe: "Nginike aba-
ntwana ngaphandle kwalokho
ngizofa." **2** UJakobe wamthu-
kuthelela kakhulu uRaheli,
wabe esethi: "Ingabe ngisesi-
khundleni sikaNkulunkulu, oku-
vimbele ukuba ube nabantwa-
na?"* **3** URaheli wathi: "Nasi
isigqilakazi sami uBhiliha.[c] Lala
naso, ukuze singizalele aba-
ntwana* nami ngithole aba-
ntwana ngaso." **4** Ngakho wa-
mnika incekukazi yakhe uBhi-
liha ukuba abe umkakhe, uJa-
kobe walala naye.[d] **5** UBhiliha
wakhulelwa, ngemva kwesikha-
thi wazalela uJakobe indodana.
**6** URaheli wabe esethi: "UNku-
lunkulu usebenze njengomahlu-
leli wami, ulilalelile izwi lami,
wanginika indodana." Yinga-
kho ayiqamba ngokuthi uDa-
ni.*[e] **7** UBhiliha, incekukazi
kaRaheli, waphinde wakhule-
lwa, ngemva kwesikhathi wa-
zalela uJakobe indodana yesi-
bili. **8** Ngemva kwalokho uRa-
heli wathi: "Ngishikashikeke

**29:31** *NgesiHebheru, "wayezondwa." #NgesiHebheru, "wavula isibeletho sakhe." **29:32** *Incazelo: "Bheka, INdodana!" **29:33** *Incazelo: "Ukuzwa."

**29:34** *Incazelo: "Ukunamathela; Okuhlangene." **29:35** *Incazelo: "Odunyisiwe; Odunyiswayo." **30:2** *Noma, "okugodlele isithelo sesibeletho?" **30:3** *NgesiHebheru, "ukuze sizalele emadolweni ami." **30:6** *Incazelo: "UMahluleli."

ISAHL. 29
a Gen 16:1, 2; Gen 30:9; Gen 46:18
b Gen 31:7, 42
c Gen 31:41
d Gen 35:22
e Gen 30:1, 3
f Hos 12:12
g Gen 46:15; Rut 4:11
h Gen 30:22
i Gen 35:22; Gen 37:22; Gen 49:3, 4; Eks 6:14; 1Kr 5:1
j Gen 30:20; 1Sa 1:5, 6; Luk 1:24, 25
k Gen 34:25; Gen 49:5; 1Kr 4:24

Uhla 2
a Gen 34:25; Gen 49:5; Eks 6:16; Num 3:12; 1Kr 6:1
b Gen 35:23; Gen 37:26; Gen 44:18; Gen 49:8; 1Kr 2:3; IsA 5:5

ISAHL. 30
c Gen 29:29
d Gen 35:22
e Gen 35:25; Gen 46:23; Gen 49:16

kakhulu ngilwa nodadewethu. Nginqobile!” Ngakho wayiqamba ngokuthi uNafetali.*[a]

**9** Lapho uLeya ebona ukuthi wayengasabazali abantwana, wathatha incekukazi yakhe uZilipha wayinika uJakobe ukuba ibe umkakhe.[b] **10** Incekukazi kaLeya uZilipha yabe isizalela uJakobe indodana. **11** Ngemva kwalokho uLeya wathi: “Izinto zingihambela kahle!” Ngakho wayiqamba ngokuthi uGadi.*[c] **12** Ngemva kwalokho, uZilipha incekukazi kaLeya, wazalela uJakobe indodana yesibili. **13** ULeya wabe esethi: “Yeka ukuthi ngijabula kanjani! Ngoba nakanjani amadodakazi azothi ngiyajabula.”[d] Ngakho wayiqamba ngokuthi u-Asheri.*[e]

**14** Manje uRubeni[f] wayehamba ngezinsuku zokuvunwa kukakolweni, wathola amamandrake* ensimini. Wawaletha kunina uLeya. URaheli wabe esethi kuLeya: “Ngicela ungiphe amanye amamandrake endodana yakho.” **15** Wabe esethi kuye: “Akwanele yini ukuthi uthathe umyeni wami?[g] Ingabe manje usuzothatha namamandrake endodana yami?” Ngakho uRaheli wathi: “Kulungile, uzolala nawe namuhla ebusuku wena unginike amamandrake endodana yakho.”

**16** Lapho uJakobe efika evela ensimini kusihlwa, uLeya waphuma wamhlangabeza wathi: “Uzolala nami ngoba ngikuqashe ngokuqondile ngamamandrake endodana yami.” Ngakho walala naye ngalobo busuku. **17** UNkulunkulu wamuzwa uLeya wayesemphendula, wakhulelwa kwathi ngemva kwesikhathi wazalela uJakobe indodana yesihlanu. **18** ULeya wabe esethi: “UNkulunkulu unginike inkokhelo yami,* ngoba nginike umyeni wami incekukazi yami.” Ngakho wayiqamba ngokuthi u-Isakare.#[a] **19** ULeya waphinde wakhulelwa, ngemva kwesikhathi wazalela uJakobe indodana yesithupha.[b] **20** ULeya wabe esethi: “UNkulunkulu ungiphile, yebo, ungiphe isipho esihle. Ekugcineni, umyeni wami uzongibekezelela,[c] ngoba ngimzalele amadodana ayisithupha.”[d] Ngakho wayiqamba ngokuthi uZebhuloni.*[e] **21** Kamuva wazala indodakazi wayiqamba ngokuthi uDina.[f]

**22** Ekugcineni uNkulunkulu wamkhumbula uRaheli, uNkulunkulu wamuzwa wayesemphendula ngokumenza ukuba akhulelwe.*[g] **23** Wakhulelwa wazala indodana. Wabe esethi: “UNkulunkulu usisusile isihlamba sami!”[h] **24** Ngakho wayiqamba ngokuthi uJosefa,*[i] ethi: “UJehova ungenezelela enye indodana.”

**25** Ngemva kokuba uRaheli ezale uJosefa, uJakobe ngokushesha wathi kuLabani: “Ngihambise ukuze ngiye endaweni yakithi nasezweni lakithi.[j] **26** Nginike omkami nabantwana bami, engikusebenzele ngenxa yabo, ukuze ngihambe, ngoba wazi kahle ukuthi ngiku-

**ISAHL. 30**

*a* Gen 35:25, Gen 46:24, Gen 49:21, Dut 33:23
*b* Gen 35:26
*c* Gen 49:19, Num 32:33
*d* Luk 1:46, 48
*e* Gen 35:26, Gen 46:17, Gen 49:20, Dut 33:24
*f* Gen 29:32
*g* Gen 29:30

**Uhla 2**

*a* Gen 35:23, Gen 46:13, Gen 49:14, Dut 33:18
*b* Rut 4:11
*c* Gen 29:32
*d* Gen 35:23, Gen 46:15, Hu 127:3
*e* Gen 46:14, Gen 49:13, Dut 33:18
*f* Gen 34:1
*g* Gen 29:31
*h* Luk 1:24, 25
*i* Gen 35:24, Gen 45:4, Dut 33:13, IzE 7:9
*j* Gen 28:15, Gen 31:13

**30:8** *Incazelo: “Ukubambana.” **30:11** *Incazelo: “Okungalindelekile.” **30:13** *Incazelo: “Ukujabula; Injabulo.” **30:14** *Abesifazane babedla isithelo salesi sihlahla ngoba babecabanga ukuthi sizobasiza bakhulelwe.

**30:18** *Noma, “inkokhelo yomqashwa.” #Incazelo: “Uyinkokhelo.” **30:20** *Incazelo: “Ukubekezela.” **30:22** *NgesiHebheru, “futhi uNkulunkulu wamlalela wavula isibeletho sakhe.” **30:24** *Isifushaniso selithi Josifiya, elisho ukuthi “Kwangathi UJah Anganezela (Andise).”

sebenzele ngokwethembeka.”[a]
**27** ULabani wabe esethi kuye:
“Uma ngithole umusa kuwe,
ungahambi—ngithole ngamabi-
ka* ukuthi uJehova uyangibu-
sisa ngenxa yakho.” **28** Wane-
zela: “Nquma inkokhelo yakho
ngizokunika yona.”[b] **29** Nga-
kho uJakobe wathi kuye: “Ku-
mele ukuba uyazi ukuthi ngiku-
sebenzele kanjani nokuthi um-
hlambi wakho uchume kanja-
ni ukimi;[c] **30** kuncane owa-
wunakho ngaphambi kokufika
kwami, kodwa umhlambi wa-
kho uye wanda, noJehova uye
wakubusisa selokhu ngafika.
Ngakho ngizoyenzela nini oku-
thile eyami indlu?”[d]

**31** ULabani wabe esethi:
“Ngikunikeni?” UJakobe wa-
thi: “Unganginiki lutho! Uma
uzongenzela lokhu, ngizoqhu-
beka ngalusa umhlambi wa-
kho ngiwugade.[e] **32** Ngizoha-
mba phakathi kwawo wo-
nke umhlambi wakho namu-
hla. Wena beka eceleni zonke
izimvu ezimagqabhagqabha ne-
zimibalabala, nazo zonke izi-
mvu ezinsundu ngokumnyama
phakathi kwamawundlu anga-
maduna. Uphinde ubeke ece-
leni izimbuzi zensikazi ezima-
gqabhagqabha nezimibalabala.
Kusukela manje lezi kumele
zibe inkokhelo yami.[f] **33** Uku-
lunga* kwami kumele kungi-
khulumele esikhathini esiza-
yo lapho uzobheka inkokhelo
yami; noma iyiphi engema-
gqabhagqabha nengemibalaba-
la phakathi kwezimbuzi ze-
nsikazi, nanoma iyiphi phaka-
thi kwamawundlu angamadu-
na engensundu ngokumnyama
iyobhekwa njengeyebiwe uma
ikimi.”

---

**30:27** *Noma, “ngobufakazi.” **30:33** *Noma, “Ukwethembeka.”

**34** ULabani wathi: “Kulungi-
le lokho! Makube njengoba
usho.”[a] **35** Ngalolo suku wa-
beka eceleni izimpongo ezim-
thende nezimibalabala nazo zo-
nke izimbuzi zensikazi ezima-
gqabhagqabha nezimibalaba-
la, zonke okwakukhona kuzo
umbala omhlophe, nawo wo-
nke amawundlu angamaduna
ansundu ngokumnyama waku-
nika amadodana akhe uku-
ze akunakekele. **36** Ngemva
kwalokho wabeka ibanga loha-
mbo lwezinsuku ezintathu pha-
kathi kwakhe noJakobe, uJa-
kobe wayelusa imihlambi kaLa-
bani eyayisele.

**37** UJakobe wabe esethatha
izinduku ezisemanzi zesihla-
hla sesitorakisi, esom-alimondi
nesompelatani, waxebula ama-
gxolo azo, kwavela okunjenga-
mabala amhlophe. **38** Wabe
esebeka lezi zinduku ayezixe-
bulile phambi komhlambi, emi-
seleni, emikhombeni yokuphu-
zela, lapho imihlambi yayi-
za khona izophuza, ukuze ivu-
kelwe phambi kwazo lapho iza
izophuza.

**39** Ngakho imihlambi yayi-
vukelwa phambi kwezinduku,
bese izala ezimthende, ezima-
gqabhagqabha nezimibalabala.
**40** Ngemva kwalokho uJakobe
wahlukanisa amawundlu anga-
maduna wayesephendula imi-
hlambi yabheka ezimthende
nazo zonke ezinsundu ngo-
kumnyama phakathi kwemihla-
mbi kaLabani. Wabe esehlu-
kanisa imihlambi yakhe wa-
ngayixuba nemihlambi kaLa-
bani. **41** Kwakuthi lapho izi-
lwane eziyizingqabavu zivu-
kelwa, uJakobe abeke izindu-
ku emiseleni phambi kwame-
hlo emihlambi, ukuze ivuke-
lwe ngasezindukwini. **42** Ko-
dwa uma izilwane zibuthaka,

ISAHL. 30
*a* Gen 31:41
Hos 12:12
*b* Gen 31:7
*c* Gen 31:38
*d* Gen 32:9, 10
*e* Hos 12:12
*f* Gen 31:7

Uhla 2
*a* Gen 31:8

wayengazibeki izinduku lapho.
Ngakho ezibuthaka njalo kwa-
kuba ezikaLabani, kodwa eziyi-
zingqabavu kwakuba ezikaJa-
kobe.[a]
**43** UJakobe wachuma ka-
khulu, waba nemihlambi emi-
khulu nezinceku nezinceku-
kazi namakamela nezimbo-
ngolo.[b]

**31** Ngemva kwesikhathi uJa-
kobe wezwa okwakushi-
wo amadodana kaLabani, ethi:
“UJakobe uthathe konke obeku-
ngokukababa, uqongelele wonke
umcebo wakhe kobekungokuka-
baba.”[c] **2** Lapho uJakobe ebhe-
ka ubuso bukaLabani, wabo-
na ukuthi indlela ambheka nga-
yo yayingasafani nasekuqaleni.[d]
**3** Ekugcineni uJehova wathi ku-
Jakobe: “Buyela ezweni loyihlo
nasezihlotsheni zakho,[e] ngizoba
nawe njalo.” **4** Ngemva kwalo-
kho uJakobe wathumela umya-
lezo kuRaheli noLeya wokuba
beze edlelweni lomhlambi wa-
khe, **5** wabe esethi kubo:
“Ngibonile ukuthi indlela
uyihlo angibheka ngayo isishi-
ntshile,[f] kodwa uNkulunku-
lu kababa ubelokhu enami.[g]
**6** Nani ngokwenu nazi ka-
hle ukuthi uyihlo ngimsebenze-
le ngawo wonke amandla ami.[h]
**7** Uyihlo uye wazama ukungi-
khohlisa, washintsha nenko-
khelo yami izikhathi eziyishu-
mi; kodwa uNkulunkulu aka-
mvumelanga ukuba angilima-
ze. **8** Bekuthi uma ethi, ‘Ezi-
magqabhagqabha zizoba inko-
khelo yakho,’ bese wonke um-
hlambi uzala ezimagqabhagqa-
bha; kodwa uma ethi, ‘Ezim-
thende zizoba inkokhelo ya-
kho,’ wonke umhlambi uzale
ezimthende.[i] **9** UNkulunkulu
ubelokhu ethatha imfuyo ka-
yihlo eyinika mina. **10** Ku-
the lapho umhlambi uvuke-
lwa ngaphakamisa amehlo nga-
bona ephusheni ukuthi izimpo-
ngo ebezikhwela umhlambi be-
zimthende, zimagqabhagqabha
ezinye zinamabala.[a] **11** Inge-
losi kaNkulunkulu weqiniso
yabe isithi kimi ephusheni, ‘Ja-
kobe!’ mina ngathi, ‘Ngilapha.’
**12** Yaqhubeka yathi, ‘Ngicela
uphakamise amehlo akho, ubo-
ne ukuthi zonke izimpongo
ezikhwela umhlambi zimthe-
nde, zimagqabhagqabha noku-
thi zinamabala, ngoba ngiku-
bonile konke uLabani akwenza
kuwe.[b] **13** NginguNkulunkulu
weqiniso waseBhethele,[c] lapho
wagcoba khona insika nalapho
wenza khona isifungo kimi.[d]
Manje suka uphume kuleli zwe
ubuyele ezweni owazalelwa
kulo.’”[e]
**14** URaheli noLeya bamphe-
ndula: “Ingabe ikhona ingxe-
nye esisalele njengefa endlini
kababa? **15** Akasibheki yini
njengabantu besinye isizwe
njengoba esithengisile, edla
nemali ekhishelwe thina?[f]
**16** Yonke ingcebo uNkulunku-
lu ayithathe kubaba ingeyethu
nabantwana bethu.[g] Ngakho,
yenza konke uNkulunkulu athe
kwenze.”[h]
**17** Ngemva kwalokho uJa-
kobe wasukuma wagibelisa
abantwana bakhe namakho-
sikazi akhe emakamelini,[i]
**18** wayesewuqhuba wonke
umhlambi wakhe nayo yonke
impahla ayeyiqongelele,[j] imfu-
yo yakhe ayeyithole ePhada-
ni-aramu, waya ku-Isaka uyise
ezweni laseKhanani.[k]
**19** ULabani wayehambile
eyogunda izimvu zakhe, uRa-
heli weba amatherafi[l] kayise.*[m]
**20** Ngaphezu kwalokho, uJa-

ISAHL. 30
a Gen 31:9
b Gen 32:5; Gen 36:6, 7

ISAHL. 31
c Gen 30:33
d Gen 30:27
e Gen 28:15; Gen 32:9; Gen 35:27
f Gen 30:27
g Gen 48:15
h Gen 30:29, 30
i Gen 30:32

Uhla 2
a Gen 30:39
b Gen 29:25; Gen 31:39
c Gen 12:8, 9; Gen 35:15
d Gen 28:18, 22
e Gen 35:14; Gen 37:1
f Gen 31:41; Hos 12:12
g Gen 31:1
h Gen 31:3
i Gen 33:13
j Gen 30:42, 43
k Gen 35:27
l Gen 35:2; Jos 24:2
m Gen 31:14

**31:19** *Noma, “onkulunkulu bomndeni; izithixo zikayise.”

kobe wamhlakaniphela uLa-
bani umAramu, ngoba wa-
yengamtshelanga ukuthi uya-
baleka. **21** Wabaleka wawe-
la uMfula,*[a] yena nakho ko-
nke ayenakho. Ngemva kwalo-
kho wabhekisa amabombo esi-
fundeni esinezintaba saseGi-
leyadi.[b] **22** Ngosuku lwesitha-
thu, uLabani watshelwa ukuthi
uJakobe ubalekile. **23** Nga-
kho wathatha abafowabo* wa-
mjaha ibanga elilingana noha-
mbo lwezinsuku eziyisikhombi-
sa wamfica esifundeni esinezi-
ntaba saseGileyadi. **24** UNku-
lunkulu wafika kuLabani um-
Aramu[c] ephusheni ebusuku[d]
wathi kuye: "Qaphela izinto
ozisho kuJakobe, ezinhle noma
ezimbi."*[e]

**25** Ngakho uLabani waya
kuJakobe, njengoba uJako-
be ayegxumeke itende lakhe
entabeni, noLabani egxume-
ke itende nabafowabo esifu-
ndeni esinezintaba saseGileya-
di. **26** ULabani wathi kuJako-
be: "Yini le oyenzile? Kunga-
ni ungenzele ubuqili, watha-
tha amadodakazi ami waha-
mba nawo njengezithunjwa ezi-
thathwe ngenkemba? **27** Ku-
ngani ungenzele ubuqili, wa-
baleka ngasese, wangangitshe-
la? Ukube ubungitshelile, be-
ngizokuvalelisa ngenjabulo na-
ngezingoma, nangethambori-
ni nangehabhu. **28** Awungini-
kanga nethuba lokuqabula
abazukulu bami* namadoda-
kazi ami. Wenze ngobuwula.
**29** Nginawo amandla okunili-
maza, kodwa uNkulunkulu ka-
yihlo ukhulume nami izolo ebu-
suku, ethi, 'Qaphela izinto ozi-
sho kuJakobe, ezinhle noma
ezimbi.'[a] **30** Manje uhambile
ngoba ubulokhu ulangazelela
ukubuyela endlini kayihlo, ko-
dwa kungani webe onkulunku-
lu bami?"[b]

**31** UJakobe waphendula
uLabani wathi: "Yingoba benge-
saba ngizitshela ukuthi, 'Unga-
se ungiphuce amadodakazi
akho.' **32** Noma ubani othola
kuye onkulunkulu bakho, ngeke
aphile. Phambi kwabafowethu,
hlola izinto zami, uthathe oku-
ngokwakho." Kodwa uJakobe
wayengazi ukuthi uRaheli waye-
bebile. **33** Ngakho uLabani wa-
ngena etendeni likaJakobe na-
setendeni likaLeya nasetende-
ni lezigqilakazi ezimbili,[c] kodwa
akabatholanga. Wabe esephuma
etendeni likaLeya wangena ete-
ndeni likaRaheli. **34** URaheli
wayewathathile amatherafi, wa-
wafaka kubhasikidi wekamela
oyisihlalo sabesifazane, wahlala
phezu kwawo. Ngakho uLabani
wacinga kulo lonke itende, ko-
dwa akawatholanga. **35** URa-
heli wabe esethi kuyise: "Unga-
thukutheli, nkosi yami, ngoba
angikwazi ukusukuma phambi
kwakho, ngoba ngisesikhathi-
ni."[d] Ngakho wacinga ngokuco-
phelela kodwa akawatholanga
amatherafi.[e]

**36** UJakobe wathukuthela
waqala ukugxeka uLabani.
UJakobe wayesethi kuLabani:
"Liyini icala lami, ngikone nga-
ni nje uze ungijahe kanga-
ka? **37** Manje njengoba usu-
cinge ezimpahleni zami zo-
nke, yini oyitholile engeye-
ndlu yakho? Yibeke lapha pha-
mbi kwabafowethu nabafowe-
nu, mabahlulele phakathi kwe-
thu sobabili. **38** Kule minya-
ka engu-20 nginawe, izimvu za-
kho nezimbuzi zakho aziza-
nge ziphunze,[f] angizange

**31:21** *Okuwukuthi, i-Ewufrathe. **31:23** *Noma, "izihlobo zakhe." **31:24** *NgesiHebheru, "Uziqaphele ungakhulumi okuhle noma okubi kuJakobe." **31:28** *NgesiHebheru, "amadodana ami."

ISAHL. 31
a Gen 15:18
b Num 32:1
c Gen 25:20
Hos 12:12
d Gen 20:3
e Hu 105:15

Uhla 2
a Gen 31:24
b Gen 31:19
Gen 35:2
c Gen 46:18, 25
d Lev 15:19
e Gen 31:19
f Gen 30:27

ngizidle nezinqama zomhlambi
wakho. **39** Angizange ngilethe kuwe noma isiphi isilwane esidwengulwe izilwane zasendle.[a] Yimi engangilahlekelwa ngenxa yaso. Kungakhathaliseki ukuthi sasebiwe emini noma sasebiwe ebusuku, wawusifuna kimi isinxephezelo.
**40** Emini ngangibulawa ukushisa, ebusuku ngibulawe amakhaza, ngiphelelwe nawubuthongo.[b]
**41** Sekuyiminyaka engu-20 ngisendlini yakho. Sengikusebenzele iminyaka engu-14 ngenxa yamadodakazi akho amabili, neyisithupha ngenxa yomhlambi wakho, futhi ubulokhu ushintsha inkokhelo yami izikhathi eziyishumi.[c]
**42** Ukube uNkulunkulu kababa,[d] uNkulunkulu ka-Abrahama naLowo u-Isaka amesabayo,[e] ubengekho ngakimi, ngabe manje ungihambise ngingenalutho. UNkulunkulu ulubonile usizi lwami nokusebenza kwami kanzima, yingakho ekuxwayisile izolo ebusuku."[f]

**43** ULabani waphendula uJakobe wathi: "Amadodakazi angamadodakazi ami nabantwana bangabantwana bami nomhlambi ungumhlambi wami, nayo yonke into oyibhekile ingeyami namadodakazi ami. Yini engingayenza kuwo namuhla noma kubantwana bawo abazele?
**44** Manje woza senze isivumelwano, mina nawe, siyoba ubufakazi phakathi kwethu."
**45** Ngakho uJakobe wathatha itshe walimisa njengensika.[g]
**46** UJakobe wathi kubafowabo: "Coshani amatshe!" Bawathatha amatshe benza indunduma. Ngemva kwalokho badlela lapho phezu kwendunduma yamatshe.
**47** ULabani wayiqamba ngokuthi iJegari-sahadutha,* kodwa uJakobe wayiqamba ngokuthi iGaleyedi.#

**48** ULabani wabe esethi: "Le ndunduma yamatshe iwubufakazi phakathi kwami nawe namuhla." Yingakho ayiqamba ngokuthi iGaleyedi,[a]
**49** nangokuthi iNqaba Yokuqapha, ngoba wathi: "UJehova makaqaphe* phakathi kwami nawe lapho singasabonani.
**50** Uma uhlupha amadodakazi ami, uthatha nabanye abafazi ngaphezu kwamadodakazi ami, nakuba kungekho muntu onathi, khumbula ukuthi uNkulunkulu uyoba ufakazi phakathi kwami nawe."
**51** ULabani waqhubeka wathi kuJakobe: "Nansi le ndunduma yamatshe kanye nensika engiyimise phakathi kwami nawe.
**52** Le ndunduma yamatshe ingufakazi,[b] nensika iyafakaza ukuthi ngeke ngiyidlule le ndunduma yamatshe ukuze ngikulimaze nokuthi nawe ngeke uyidlule le ndunduma yamatshe nale nsika ukuze ungilimaze.
**53** UNkulunkulu ka-Abrahama[c] noNkulunkulu kaNahori, uNkulunkulu kayise wabo, makahlulele phakathi kwethu." Kodwa uJakobe wafunga Lowo uyise u-Isaka amesabayo.[d]

**54** Ngemva kwalokho uJakobe wenza umhlatshelo entabeni, wamema nabafowabo ukuba bazodla isinkwa. Ngakho badla bachitha lobo busuku entabeni.
**55** Nokho, uLabani wavuka ekuseni kakhulu waqabula abazukulu bakhe*[e] namadodakazi akhe wababusisa.[f] ULabani wabe esehamba ebuyela ekhaya.[g]

**ISAHL. 31**
*a* 1Sa 17:34
*b* Gen 47:9
*c* Gen 31:7
*d* Gen 28:13; Gen 31:29
*e* Gen 31:53
*f* Gen 31:24
*g* Gen 28:18

**Uhla 2**
*a* Gen 31:22, 23
*b* Gen 31:44, 45
*c* Gen 17:1, 7
*d* Gen 31:42
*e* Gen 31:28
*f* Gen 24:59, 60
*g* Gen 27:43; Gen 28:2

**31:47** *Inkulumo yesi-Aramu esho "Inqwaba Yobufakazi." #Inkulumo yesiHebheru esho "Inqwaba Yobufakazi." **31:49** *Noma, "makalinde." **31:55** *NgesiHebheru, "amadodana akhe."

**32** UJakobe yena wabe ese-
qhubeka nendlela yakhe,
izingelosi zikaNkulunkulu zam-
hlangabeza. **2** Ngokushesha
lapho uJakobe ezibona wathi:
“Leli yikamu likaNkulunkulu!”
Ngakho waqamba leyo ndawo
ngokuthi iMahanayimi.*
**3** Ngemva kwalokho uJako-
be wathumela izithunywa nga-
phambi kwakhe kumfowabo
u-Esawu ezweni laseSeyiri,[a]
indawo* yakwa-Edomi,[b] **4** wa-
ziyala, wathi: “Yilokhu enizoku-
sho enkosini yami, ku-Esawu,
‘Yilokhu inceku yakho uJakobe
ekushoyo: “Ngihlale* noLabani
isikhathi eside kuze kube ma-
nje.[c] **5** Ngithole izinkomo, izi-
mbongolo, izimvu, izinceku ne-
zincekukazi,[d] futhi ngokuthu-
mela lo myalezo ngazisa inko-
si yami, ukuze ngithole umusa
kuyo.”’”
**6** Ngemva kwesikhathi izi-
thunywa zabuyela kuJakobe,
zathi: “Sibonene nomfowenu
u-Esawu, kumanje nje usendle-
leni uzokuhlangabeza, uhamba
namadoda angu-400.”[e] **7** UJa-
kobe wesaba kakhulu, wa-
khathazeka.[f] Ngakho wahluka-
nisa abantu ababenaye, kanye
nemihlambi, izinkomo namaka-
mela kwaba amakamu amabili.
**8** Wathi: “Uma u-Esawu ehla-
sela ikamu elilodwa, elinye ika-
mu lizophunyuka.”
**9** Ngemva kwalokho uJako-
be wathi: “O Nkulunkulu kaba-
ba u-Abrahama noNkulunkulu
kababa u-Isaka, Jehova, wena
othi kimi, ‘Buyela ezweni lakini
nasezihlotsheni zakho, ngizo-
kuphatha kahle,’[g] **10** alungi-
fanele lonke lolu thando oluqo-
tho nakho konke ukwethembe-
ka okubonise inceku yakho,[h]
ngoba ngawela leli Jordani ngi-
phethe induku kuphela ko-
dwa manje sengibe amakamu
amabili.[a] **11** Ngiyakuncenga,[b]
ngisindise esandleni somfo-
wethu u-Esawu, ngoba ngesa-
ba ukuthi angase afike ahlase-
le mina,[c] omama kanye naba-
ntwana. **12** Wena uthe: ‘Naka-
njani ngizokuphatha kahle fu-
thi ngiyokwenza inzalo* yakho
ibe ngangesihlabathi solwa-
ndle, esingenakubalwa ngenxa
yobuningi.’”[d]
**13** Wachitha ubusuku la-
pho. Wayesethatha ezinye ezi-
nto anazo zaba isipho sika-Esa-
wu umfowabo:[e] **14** izimbuzi
zensikazi ezingu-200, izimpo-
ngo ezingu-20, izimvu zensi-
kazi ezingu-200, izinqama ezi-
ngu-20, **15** amakamela anceli-
sayo angu-30, izinkomazi ezi-
ngu-40, izinkunzi eziyishumi,
izimbongolo zensikazi ezingu-
20 nezimbongolo zeduna eziyi-
shumi.[f]
**16** Wazinika izinceku za-
khe, imihlambi ilandelana, wa-
thi ezincekwini zakhe: “We-
lani ngaphambi kwami, nishi-
ye ibanga phakathi komhlambi
nomhlambi.” **17** Wabe eseya-
la eyokuqala, wathi: “Uma
kwenzeka u-Esawu umfowe-
thu ehlangana nawe akubuze,
athi, ‘Ungokabani, uyaphi, oka-
bani lo mhlambi owuqhuba-
yo?’ **18** kufanele uthi, ‘Ngi-
ngowenceku yakho uJakobe.
Lokhu kuyisipho esithunye-
lwe enkosini yami, ku-Esa-
wu,[g] yena usemva kwethu.’”
**19** Wayala neyesibili, neyesi-
thathu, nazo zonke ezaziqhu-
ba imihlambi, ethi: “Nizosho
lokhu ku-Esawu lapho nihla-
ngana naye. **20** Kufanele fu-
thi nithi, ‘Nansi inceku yakho
uJakobe emva kwethu.’” Ngoba

---

**32:2** *Incazelo: “Amakamu Amabili.” **32:3** *NgesiHebheru, “insimu.” **32:4** *Noma, “Ngihlale njengesifiki.”

**32:12** *NgesiHebheru, “imbewu.”

---

ISAHL. 32
a Gen 27:39, Gen 36:8, Dut 2:5, Jos 24:4
b Gen 25:30
c Gen 31:41
d Gen 30:43, Gen 33:11
e Gen 33:1, 2
f Gen 27:41, Gen 32:11
g Gen 31:3, 13
h Gen 28:15, Hu 100:5

Uhla 2
a Gen 28:10, Gen 30:43, Gen 32:7
b Hu 34:4
c Gen 27:41
d Gen 28:14, Gen 46:2, 3, Eks 1:7, Eks 32:13, IzE 7:17
e Gen 33:10
f Gen 30:43
g Gen 33:8

yena wayezitshela ukuthi:
‘Uma ngimthoba ngokuthume-
la isipho esingandulelayo,[a] ku-
zothi lapho ngimbona angamu-
kele ngomusa.’ **21** Ngakho isi-
pho sawelela ngapheshey nga-
phambi kwakhe, kodwa yena
wachitha ubusuku ekamu.

**22** Kamuva ngalobo busu-
ku, wavuka wathatha abafa-
zi bakhe ababili[b] nezincekuka-
zi zakhe ezimbili[c] namado-
dana akhe asemancane angu-
11 wawela endaweni engashoni
emfuleni* iJabhoki.[d] **23** Wa-
bathatha wabaweza emfuleni,*
waweza nakho konke ayena-
kho.

**24** Ekugcineni uJakobe wa-
sala yedwa. Ngemva kwalokho
indoda ethile yaqala ukubamba-
na naye kwaze kwasa.[e] **25** La-
pho ibona ukuthi ayimnqoba-
nga, yathinta ithambo lenqu-
lu yakhe; ithambo lenqulu ka-
Jakobe lagudluka kulokho kuba-
mbana kwakhe nayo.[f] **26** Nge-
mva kwalokho yathi: “Ngide-
dele ngihambe ngoba sekuya-
sa.” Wathi: “Ngeke ngikudede-
le ungakangibusisi.”[g] **27** Nga-
kho yathi kuye: “Ungubani iga-
ma lakho?” yena wathi: “Ngi-
nguJakobe.” **28** Yayisithi: “Iga-
ma lakho ngeke kusaba uJakobe
kodwa kuzoba u-Israyeli,*[h] ngo-
ba ulwe noNkulunkulu[i] na-
bantu waze wanqoba ekugci-
neni.” **29** UJakobe naye wathi:
“Ngicela ungitshele igama la-
kho.” Yona yathi: “Kungani ubu-
za igama lami?”[j] Yabe isimbusi-
sa lapho. **30** Ngakho uJakobe
waqamba leyo ndawo ngokuthi
iPheniyeli,*[k] ngoba wathi, “Ngi-
bone uNkulunkulu ubuso nobu-
so nokho ukuphila* kwami kwa-
londolozwa.”[a]

**31** Ilanga laphakama phezu
kwakhe lapho nje edlula ePhe-
nuweli,* kodwa wayexhuga nge-
nxa yenqulu yakhe.[b] **32** Yinga-
kho kuze kube namuhla aba-
ntwana bakwa-Israyeli benga-
jwayele ukudla umsipha wetha-
nga,* osejoyintini lenqulu, ngo-
ba yathinta ijoyinti lenqulu ka-
Jakobe emsipheni wethanga.

**33** UJakobe waphakamisa
amehlo wabona u-Esawu
eza, ekanye namadoda angu-
400.[c] Ngakho wahlukanisa aba-
ntwana wabanika uLeya, uRa-
heli nezincekukazi ezimbili.[d]
**2** Wabeka izincekukazi naba-
ntwana bazo phambili,[e] uLe-
ya nabantwana bakhe ngemva
kwazo,[f] kwathi uRaheli[g] noJo-
sefa wababeka emva kwabo.
**3** Yena wabe esedlulela nga-
phambi kwabo wayesekhotha-
ma kasikhombisa emhlabathi-
ni njengoba ayesondela kumfo-
wabo.

**4** Kodwa u-Esawu wagijima
wamhlangabeza, wamanga, wa-
mqabula, base bekhala kakhu-
lu. **5** Lapho u-Esawu ephaka-
misa amehlo ebona abesifaza-
ne nabantwana, wathi: “Obani
laba abakanye nawe?” yena wa-
thi: “Ngabantwana uNkulunku-
lu ayibonise ngabo umusa
inceku yakho.”[h] **6** Kwabe se-
kusondela izincekukazi kanye
nabantwana bazo, bakhotha-
ma, **7** noLeya naye wasonde-
la kanye nabantwana bakhe,
bakhothama. Ngemva kwalo-
kho noJosefa wasondela kanye
noRaheli, bakhothama.[i]

**8** U-Esawu wathi: “Kungani
uthumele laba bantu nemihla-
mbi engihlangane nayo?”[j] Wa-

---

**32:22** *Noma, “ezibukweni lomfula.” **32:23** *Noma, “esigodini sesifufula; emhosheni.” **32:28** *Incazelo: “Olwa (Ophikelelayo) NoNkulunkulu” noma “UNkulunkulu Uyalwa.” **32:30** *Incazelo: “Ubuso BukaNkulunkulu.”

**32:30** *Noma, “umphefumulo.” **32:31** *Noma, “ePheniyeli.” **32:32** *NgesiHebheru, “umsipha wenzwa yethanga.”

**ISAHL. 32**
a Gen 43:11; 1Sa 25:18
b Gen 29:30; Rut 4:11
c Gen 30:3, 9
d Dut 3:16; Jos 12:2; Hlu 11:13
e Hos 12:3
f Gen 32:31, 32
g Hos 12:4
h Gen 35:10
i Hos 12:3
j Hlu 13:17, 18
k 1Kh 12:25

**Uhla 2**
a Gen 16:7, 13; Hlu 6:22; Joh 1:18
b Gen 32:25

**ISAHL. 33**
c Gen 32:6
d Gen 32:22
e Gen 30:7, 12
f Gen 30:19
g Gen 30:22-24
h Gen 32:22; Hu 127:3
i Gen 33:2
j Gen 32:16

phendula: “Ukuze ngithole umu-
sa enkosini yami.”[a] **9** U-Esawu
wayesethi: “Nginempahla eningi
kakhulu, mfowethu.[b] Ungayigci-
na impahla yakho.” **10** Nokho,
uJakobe wathi: “Ngicela kunga-
bi kanjalo. Uma ngithole umu-
sa kuwe, kumele usithathe isi-
pho sami esandleni sami, ngo-
ba ngisilethe ngenjongo yokubo-
na ubuso bakho. Sengibuboni-
le ubuso bakho njengokungathi
ngibona ubuso bukaNkulunkulu
ngokuthi ungamukele ngenjabu-
lo.[c] **11** Ngiyacela, sithathe isi-
pho esilethwe kuwe esidlulise-
la isibusiso sami,[d] ngoba uNku-
lunkulu ube nomusa kimi fu-
thi nginakho konke engikudi-
ngayo.”[e] Waqhubeka emncenga,
waze wasithatha.

**12** Kamuva u-Esawu wathi:
“Masisuke sihambe, mina ngiha-
mbe phambi kwakho.” **13** Ko-
dwa uJakobe wathi kuye: “Inko-
si yami iyaqaphela ukuthi aba-
ntwana bantekenteke[f] nokuthi
ngihamba nezimvu nezinko-
mo ezincelisayo. Uma ziqhu-
tshwa ngokushesha kakhulu
usuku olulodwa, wonke umhla-
mbi uzofa. **14** Ngiyacela, inko-
si yami mayihambe kuqala ku-
nenceku yayo, kodwa mina ngi-
zoqhubeka nohambo ngingashe-
shi, ngihambe ngejubane lemfu-
yo yami nelabantwana ngize
ngifike enkosini yami eSeyiri.”[g]
**15** U-Esawu wayesethi: “Ngicela
ungivumele ngishiye kuwe aba-
nye babantu abanami.” Wathi:
“Kungani wenza kanje? Ngicela
inkosi yami ingibonise umusa.”
**16** Ngakho ngalolo suku u-Esa-
wu wabuyela eSeyiri.

**17** UJakobe waya eSukoti,[h]
wazakhela indlu wenzela nom-
hlambi wakhe imipheme. Yinga-
kho aqamba leyo ndawo ngoku-
thi iSukoti.*

**18** Ngemva kokusuka ePha-
dani-aramu,[a] uJakobe wafika
ephephile edolobheni laseShe-
kemi,[b] ezweni laseKhanani,[c] wa-
gxumeka itende lakhe eduze
kwalelo dolobha. **19** Wabe ese-
zitholela isiqephu sendawo aye-
gxumeke kuyo itende emado-
daneni kaHamori, uyise ka-
Shekemi, ngezinhlamvu zema-
li ezingu-100.[d] **20** Walimisa la-
pho i-altare walibiza ngoku-
thi uNkulunkulu, uNkulunkulu
Ka-Israyeli.[e]

**34** Manje uDina indodaka-
zi kaJakobe ayeyizale-
lwe uLeya[f] wayevame ukuphu-
ma ayovakashela* izintombi za-
kulelo zwe.[g] **2** Lapho uShe-
kemi indodana kaHamori um-
Hivi,[h] isikhulu sezwe, embo-
na, wamthatha wamdlwengula.
**3** Wakhangwa kakhulu uDina,
indodakazi kaJakobe, wayitha-
nda le ntombi, wayitshela uku-
thi uyayithanda.* **4** Ekugcine-
ni uShekemi wathi kuHamori[i]
uyise, “Ngithathele le ntombi
ibe umkami.”

**5** Ngesikhathi uJakobe ezwa
ukuthi wayengcolise indodakazi
yakhe uDina, amadodana akhe
ayenomhlambi wakhe emadle-
lweni. Ngakho uJakobe wathu-
la aze abuya. **6** Ngemva kwa-
lokho uHamori, uyise kaSheke-
mi, waphuma wayokhuluma no-
Jakobe. **7** Amadodana kaJako-
be ezwa ngalokhu, abuya ngoku-
shesha evela emadlelweni. Ezwa
ubuhlungu, athukuthela kakhu-
lu ngoba uShekemi wayehlaze
u-Israyeli ngokulala nendodakazi
kaJakobe,[j] into okungafanele ye-
nziwe.[k]

**8** UHamori wathi: “Indoda-
na yami uShekemi ifuna indo-
dakazi yakho. Ngicela umnikeze

ISAHL. 33
*a* Gen 32:4, 5
*b* Gen 36:6, 7
*c* Gen 32:11, 20
*d* Gen 32:13-15
*e* Gen 30:43
*f* Gen 31:17
*g* Gen 32:3
*h* Jos 13:24, 27; 1Kh 7:46

Uhla 2
*a* Gen 25:20; Gen 28:6
*b* Jos 24:1
*c* Gen 10:19; Gen 12:6
*d* Jos 24:32; IzE 7:15, 16
*e* Gen 35:1, 7

ISAHL. 34
*f* Gen 30:19, 21; Gen 46:15
*g* Gen 26:34, 35; Gen 27:46
*h* Dut 7:1; 1Kr 1:13-15
*i* Gen 33:18, 19
*j* 2Sa 13:22
*k* Heb 13:4

**33:17** *Incazelo: “Amadokodo; Imipheme.”

**34:1** *Noma, “ayobona.” **34:3** *NgesiHebheru, “wakhuluma nenhliziyo yentombi.”

yona ibe umkayo, **9** niganiselane nathi. Sinikeni amadodakazi enu, nina nizithathele amadodakazi ethu.[a] **10** Ningahlala nathi, izwe ningalisebenzisela noma iyiphi injongo. Hlalani, nihwebe kulo, nizinze kulo.” **11** UShekemi wayesethi kuyise kaDina nakubafowabo: “Ngicela nibe nomusa kimi, ngizoninika noma yini eniyibiza kimi. **12** Ningabiza ilobolo elikhulu kakhulu kanye nesipho.[b] Ngizimisele ukukhipha noma yini eningase nithi angiyikhiphe. Nina nje ngiganiseleni le ntombi.”

**13** Amadodana kaJakobe abaphendula ngenkohliso uShekemi noHamori uyise, ngoba wayengcolise uDina udadewabo. **14** Athi kubo: “Ngeke neze sikwazi ukwenza into enjalo, udadewethu simnike indoda engasokile*[c] ngoba lokho kuyihlazo kithi. **15** Singavuma kuphela ngalo mbandela: ukuba nibe njengathi, nisoke bonke abesilisa benu.[d] **16** Khona-ke sizoninika amadodakazi ethu, nathi sizithathele amadodakazi enu, sizohlala nani sibe isizwe esisodwa. **17** Kodwa uma ningasilaleli bese ningasokwa, sizoyithatha indodakazi yethu sihambe.”

**18** Amazwi abo amjabulisa uHamori[e] noShekemi, indodana yakhe.[f] **19** Le nsizwa ayilibalanga ukwenza ababekushilo,[g] ngoba yayijabula ngendodakazi kaJakobe futhi yayihlonishwa kakhulu kunabo bonke endlini kayise.

**20** Ngakho uHamori nendodana yakhe uShekemi baya esangweni ledolobha bafike bakhuluma namadoda edolobha lakubo,[h] bathi: **21** “Laba bantu bafisa ukuba nokuthula nathi. Masibavumele bahlale ezweni bahwebe kulo, ngoba izwe likhulu ngokwanele ukuba bahlale kulo. Singathatha amadodakazi abo abe abafazi bethu, nathi singabanika amadodakazi ethu.[a] **22** Yilo mbandela owodwa kuphela la madoda azovuma ngawo ukuhlala nathi ukuze sibe isizwe esisodwa: ukuba bonke abesilisa kithi basokwe njengoba nje nabo besokiwe.[b] **23** Ngemva kwalokho ngeke yini impahla yabo, umcebo wabo, nayo yonke imfuyo yabo kube okwethu? Ngakho masivume ukuba bahlale nathi.” **24** Bonke ababephuma ngesango ledolobha lakubo bamlalela uHamori nendodana yakhe uShekemi, bonke abesilisa basokwa, bonke ababephuma ngesango ledolobha.

**25** Nokho, ngosuku lwesithathu, lapho besesezinhlungwini, amadodana amabili kaJakobe, uSimeyoni noLevi, abafowabo bakaDina,[c] ngayinye yathatha inkemba, aya edolobheni ngokungasolisi, afike abulala bonke abesilisa.[d] **26** Abulala uHamori nendodana yakhe uShekemi ngenkemba ayesethatha uDina endlini kaShekemi ahamba. **27** Amanye amadodana kaJakobe aya edolobheni athola amadoda ayebulewe, aphanga idolobha ngoba babengcolise udadewabo.[e] **28** Athatha imihlambi yabo, izimbongolo zabo nanoma yini eyayisedolobheni nasemasimini. **29** Athatha nakho konke okwakungokwabo, athatha nabo bonke abantwana babo nabafazi babo, aphanga nakho konke okwakusezindlini.

**30** UJakobe wathi kuSimeyoni noLevi:[f] “Ningilethele inkathazo enkulu* ngokungenza ngi-

**ISAHL. 34**
*a* Gen 24:2, 3
*b* Gen 24:53; Hos 3:2
*c* Gen 17:9, 12
*d* Gen 17:10
*e* Gen 33:18, 19
*f* Gen 34:2
*g* Gen 34:15
*h* Zak 8:16

**Uhla 2**
*a* Gen 34:8, 9
*b* Gen 17:11
*c* Gen 46:15
*d* Gen 49:5-7
*e* Gen 34:2
*f* Gen 49:5

**34:14** *NgesiHebheru, “enejwabu.”

**34:30** *Noma, “isigcwagcwa.”

be iphunga elibi kubantu ba-
kuleli zwe, kumaKhanani na-
maPherizi. Thina simbalwa, na-
kanjani bazobuthana ndawo-
nye bangihlasele bangiqothule,
mina nendlu yami.” **31** Bona
bathi: “Ingabe udadewethu kufa-
nele aphathwe njengesifebe?”

**35** Ngemva kwalokho uNku-
lunkulu wathi kuJakobe:
“Sukuma ukhuphukele eBhe-
thele[a] uhlale khona, umakhele
lapho i-altare uNkulunkulu we-
qiniso, owabonakala kuwe nge-
sikhathi ubalekela u-Esawu
umfowenu.”[b]

**2** UJakobe wabe esethi kwa-
bomndeni wakhe nakubo bo-
nke ababenaye: “Lahlani onku-
lunkulu bezizwe abaphakathi
kwenu[c] nizihlanze nishintshe
izingubo zenu, **3** futhi masisu-
ke sikhuphukele eBhethele. Ngi-
zomakhela lapho i-altare uNku-
lunkulu weqiniso, owangiphe-
ndula ngosuku lokucindezele-
ka kwami nobelokhu enami no-
maphi lapho bengiya khona.”*[d]
**4** Ngakho banika uJakobe bo-
nke onkulunkulu bezizwe aba-
benabo namacici ayesezindlebe-
ni zabo, uJakobe wabagqiba*
ngaphansi kwesihlahla esikhulu
esasiseduze kwaseShekemi.

**5** Lapho sebesendleleni,
uNkulunkulu wabangela ukwe-
saba okukhulu emadolobheni
ayebazungezile, ngakho abaza-
nge bawajahe amadodana ka-
Jakobe. **6** Ekugcineni uJako-
be wafika eLuze,[e] okungukuthi
iBhethele, ezweni laseKhanani,
yena nabo bonke abantu ababe-
naye. **7** Walakha lapho i-alta-
re wabiza leyo ndawo ngoku-
thi i-Eli-bhethele,* ngoba yila-
pho uNkulunkulu weqiniso aye-
zibonakalise khona kuye nge-
sikhathi ebalekela umfowabo.[a]
**8** Kamuva uDebora[b] umzanya-
na* kaRebheka wafa, wangcwa-
tshwa eduze kweBhethele nga-
phansi kwesihlahla esikhulu.#
Ngakho wasiqamba ngokuthi
i-Aloni-bakhuti.△

**9** UNkulunkulu waphinda
wabonakala kuJakobe ngesi-
khathi ebuya ePhadani-aramu,
wambusisa. **10** UNkulunkulu
wathi kuye: “Igama lakho ungu-
Jakobe.[c] Igama lakho nge-
ke kusaba uJakobe, kodwa
uzoba u-Israyeli.” Wayeseqa-
la ukumbiza ngokuthi u-Israye-
li.[d] **11** UNkulunkulu waqhu-
beka wathi kuye: “NginguNku-
lunkulu uMninimandla Onke.[e]
Zala wande. Kuyophuma kuwe
izizwe namaqembu ezizwe,[f]
kuphume namakhosi kuwe.*[g]
**12** Ngokuqondene nezwe engi-
linike u-Abrahama no-Isaka,
ngizolinika wena, ngiyolinika
nenzalo* yakho.”[h] **13** Ngemva
kwalokho uNkulunkulu wasu-
ka kuye endaweni ayekhulume
naye kuyo.

**14** Ngakho uJakobe wamisa
insika endaweni ayekhulume
naye kuyo, insika yetshe, wa-
thela kuyo umnikelo ophuzwa-
yo, wathela namafutha kuyo.[i]
**15** UJakobe wabiza indawo
uNkulunkulu ayekhulume naye
kuyo ngokuthi iBhethele.[j]

**16** Babe sebesuka eBhethe-
le. Ngesikhathi kusasele iba-
nga elithile ngaphambi koku-
ba bafike e-Efrathi, uRaheli wa-
qala ukubeletha, kwakunzima

**35:3** *Noma, “endleleni engiyihambile.” **35:4** *Noma, “wabangcwaba.”

**35:7** *Incazelo: “UNkulunkulu WaseBhethele.” **35:8** *Intombazane egada umntwana. #Noma, “kwe-oki.” △Incazelo: “I-oki Yokulila.” **35:11** *NgesiHebheru, “ezinkalweni zakho.” **35:12** *NgesiHebheru, “nembewu.”

ISAHL. 35
a Gen 28:19; Gen 31:13
b Gen 27:42-44
c Gen 31:19; Dut 5:7; Jos 23:7; 1Ko 10:14
d Gen 28:13, 15; Gen 31:42
e Gen 28:19

Uhla 2
a Gen 28:20-22
b Gen 24:59
c Gen 25:26; Gen 27:36
d Gen 32:28
e Gen 17:1; Eks 6:3; IsA 15:3
f Gen 48:3, 4
g Gen 17:5, 6; Joh 12:13
h Gen 15:18; Dut 34:4
i Gen 28:18
j Gen 28:19

kakhulu kuye ukubeletha.
**17** Kodwa ngesikhathi eshika-
shikeka ukuze abelethe um-
ntwana, umbelethisi wathi
kuye: "Ungesabi, ngoba uzoba
nayo nale ndodana."[a] **18** Nge-
mizuzu yokugcina yokuphila
kwakhe—ngoba wayesefa—wa-
yiqamba ngokuthi uBheni-oni,*
kodwa uyise wayiqamba ngoku-
thi uBhenjamini.#[b] **19** Ngakho
uRaheli wafa wangcwatshwa
endleleni eya e-Efrathi, okungu-
kuthi, eBhetlehema.[c] **20** UJa-
kobe wamisa insika phezu kwe-
thuna lakhe; iyinsika yethuna
likaRaheli kuze kube namuhla.
**21** Ngemva kwalokho u-Isra-
yeli wasuka lapho wagxume-
ka itende lakhe ngale kombho-
shongo wase-Edere. **22** Kwa-
thi ngesinye isikhathi u-Israyeli
ehlala kulelo zwe, uRubeni wa-
hamba walala noBhiliha isanci-
nza sikayise, u-Israyeli wezwa
ngakho.[d]

Amadodana kaJakobe aye-
ngu-12. **23** Amadodana azalwa
uLeya kwakuyizibulo likaJako-
be uRubeni,[e] bese kuba uSi-
meyoni, uLevi, uJuda, u-Isakare
noZebhuloni. **24** Amadodana
azalwa uRaheli kwakunguJose-
fa noBhenjamini. **25** Amado-
dana azalwa uBhiliha, incekuka-
zi kaRaheli, kwakunguDani no-
Nafetali. **26** Amadodana aza-
lwa uZilipha, incekukazi ka-
Leya, kwakunguGadi no-Ashe-
ri. Lawa amadodana kaJakobe,
azalelwa wona ePhadani-aramu.
**27** Ekugcineni uJakobe wa-
fika lapho kwakukhona khona
uyise u-Isaka eMamre,[f] eKiriya-
ti-ariba, okungukuthi, eHebro-
ni, lapho u-Abrahama no-Isaka
babehlala khona njengezifiki.[g]
**28** U-Isaka waphila waze waba
neminyaka engu-180 ubuda-
la.[a] **29** Ngemva kwalokho
u-Isaka waphefumula okoku-
gcina wafa, ngemva kokuphila
isikhathi eside ukuphila okwa-
nelisayo,* bamngcwaba njengo-
ba bangcwaba abantu bakubo;#
amadodana akhe u-Esawu no-
Jakobe amngcwaba.[b]

**36** Lona umlando ka-Esawu,
okungukuthi, u-Edomi.[c]
**2** U-Esawu wathatha abafazi
bakhe emadodakazini aseKha-
nani: U-Ada[d] indodakazi ka-Elo-
ni umHeti;[e] u-Oholibhama[f]
indodakazi ka-Ana, umzuku-
lu kaZibheyoni umHivi; **3** no-
Bhasemati,[g] indodakazi ka-
Ishmayeli, udadewabo kaNe-
bhayoti.[h]

**4** U-Ada wazalela u-Esawu
u-Elifazi, uBhasemati wazala
uRehuweli,
**5** u-Oholibhama wazala
uJewushi, uJalamu noKhora.[i]
Lawa amadodana ka-Esawu,
azalelwa wona ezweni lase-
Khanani. **6** Ngemva kwalokho
u-Esawu wathatha abafazi ba-
khe, amadodana akhe, amado-
dakazi akhe, wonke amalungu
omndeni wakhe, umhlambi wa-
khe nazo zonke ezinye izi-
lwane zakhe, nawo wonke
umcebo ayewuqongelele[j] ezwe-
ni laseKhanani, waya kweli-
nye izwe kude noJakobe umfo-
wabo.[k] **7** Ngoba impahla yabo
yase iningi kakhulu ukuba
bangahlala ndawonye, nezwe
ababehlala kulo* lalingakwazi
ukubasekela ngenxa yemihla-
mbi yabo. **8** Ngakho u-Esawu
wahlala esifundeni esinezinta-
ba saseSeyiri.[l] U-Esawu ngu-
Edomi.[m]
**9** Lona umlando ka-Esawu

---

**35:18** *Incazelo: "Indodana Yosizi Lwa-
mi." #Incazelo: "Indodana Yesandla
Sokudla."

**35:29** *NgesiHebheru, "esemdala futhi
anelisiwe izinsuku." #Lena inkulumo
esankondlo emayelana nokufa. **36:7**
*Noma, "ababehlala kulo njengezifiki."

---

**ISAHL. 35**
a Gen 30:22-24
b Gen 46:21; Gen 49:27; Dut 33:12
c Gen 48:7; Mik 5:2; Mat 2:6
d Gen 49:3, 4; 1Kr 5:1
e Gen 49:3
f Gen 31:17, 18
g Gen 15:13; Heb 11:9

**Uhla 2**
a Gen 25:20, 26
b Gen 49:30, 31

**ISAHL. 36**
c Gen 25:30; Hez 25:12, 13; Rom 9:13
d Gen 36:10
e Gen 26:34
f Gen 36:18
g Gen 36:17
h Gen 25:13; Gen 28:9
i 1Kr 1:35
j Gen 33:9
k Gen 27:39; Gen 32:3
l Gen 14:6; Dut 2:5
m Gen 25:30

uyise wabakwa-Edomi esifunde-
ni esinezintaba saseSeyiri.[a]
**10** Yilawa amagama amado-
dana ka-Esawu: U-Elifazi indo-
dana ka-Ada, umka-Esawu; uRe-
huweli indodana kaBhasemati,
umka-Esawu.[b]
**11** Amadodana ka-Elifazi
kwakunguThemani,[c] u-Oma-
ri, uZefo, uGathamu noKhe-
nazi.[d] **12** UThimna waba
isancinza sika-Elifazi, indo-
dana ka-Esawu. Ngemva kwe-
sikhathi wazalela u-Elifazi
u-Amaleki.[e] Lawa amadodana
ka-Ada, umka-Esawu.
**13** Yilawa amadodana ka-
Rehuweli: UNahati, uZera,
uShamumaha noMiza. Lawa
kwakungamadodana kaBha-
semati,[f] umka-Esawu.
**14** Lawa kwakungamado-
dana ka-Oholibhama indoda-
kazi ka-Ana, umzukulu kaZi-
bheyoni, umka-Esawu, awaza-
lela u-Esawu: uJewushi, uJa-
lamu noKhora.
**15** Laba abaholi besizwe
abavela enzalweni ka-Esawu:[g]
Amadodana ka-Elifazi, izibulo
lika-Esawu: UMholi uThemani,
uMholi u-Omari, uMholi uZefo,
uMholi uKhenazi,[h] **16** uMholi
uKhora, uMholi uGathamu, no-
Mholi u-Amaleki. Laba abaholi
baka-Elifazi[i] ezweni lakwa-Edo-
mi. Lawa amadodana azalwa
ngu-Ada.
**17** Yilawa amadodana kaRe-
huweli, indodana ka-Esawu:
UMholi uNahati, uMholi uZera,
uMholi uShamumaha noMho-
li uMiza. Laba abaholi baka-
Rehuweli ezweni lakwa-Edomi.[j]
Lawa amadodana azalwa uBha-
semati, umka-Esawu.
**18** Ekugcineni yilawa ama-
dodana ka-Oholibhama, umka-
Esawu: UMholi uJewushi,
uMholi uJalamu noMholi uKho-
ra. Laba abaholi baka-Oho-
libhama indodakazi ka-Ana,
umka-Esawu.
**19** Lawa amadodana ka-Esa-
wu, laba abaholi bawo. Ungu-
Edomi.[a]
**20** Yilawa amadodana kaSe-
yiri umHori, ayakhe ezweni:[b]
ULothani, uShobali, uZibhe-
yoni, u-Ana,[c] **21** uDishoni,
u-Ezeri noDishani.[d] Laba aba-
holi bamaHori, amadodana ka-
Seyiri, ezweni lakwa-Edomi.
**22** Amadodana kaLothani
kwakunguHori noHemamu,
udadewabo kaLothani kwaku-
nguThimna.[e]
**23** Yilawa amadodana ka-
Shobali: U-Alivani, uMana-
hati, u-Ebhali, uShefo no-
Onamu.
**24** Yilawa amadodana ka-
Zibheyoni:[f] U-Aya no-Ana.
Yilo Ana owathola iziphethu
ezishisayo ehlane lapho elu-
se izimbongolo zikaZibheyoni
uyise.
**25** Yilaba abantwana baka-
Ana: UDishoni no-Oholibha-
ma indodakazi ka-Ana.
**26** Yilawa amadodana ka-
Dishoni: UHemidani, u-Eshi-
bani, u-Ithirani noKerani.[g]
**27** Yilawa amadodana ka-
Ezeri: UBhilihani, uZavani
no-Akani.
**28** Yilawa amadodana ka-
Dishani: U-Uze no-Arana.[h]
**29** Yilaba abaholi bamaHori:
UMholi uLothani, uMholi uSho-
bali, uMholi uZibheyoni, uMho-
li u-Ana, **30** uMholi uDishoni,
uMholi u-Ezeri noMholi uDi-
shani.[i] Laba abaholi bama-
Hori ngokwehlukahluka kwabo
ezweni laseSeyiri.
**31** Manje yilawa amakhosi
ayebusa ezweni lakwa-Edo-
mi[j] ngaphambi kokuba kubu-
se noma iyiphi inkosi phezu

ISAHL. 36
*a* Dut 2:12
*b* 1Kr 1:35
*c* Gen 36:34
*d* Gen 36:40, 42; 1Kr 1:36
*e* Eks 17:8; Num 13:29; Num 24:20; Dut 25:19; 1Sa 15:8; 1Sa 30:1
*f* Gen 26:34
*g* Eks 15:15
*h* 1Kr 1:53, 54
*i* 1Kr 1:36
*j* Num 20:23; 1Kh 9:26

Uhla 2
*a* Gen 25:30; Gen 32:3
*b* Gen 14:6; Dut 2:12, 22
*c* 1Kr 1:40
*d* 1Kr 1:38
*e* 1Kr 1:39
*f* Gen 36:2
*g* 1Kr 1:41
*h* 1Kr 1:42
*i* 1Kr 1:38
*j* Num 20:14

kwama-Israyeli.*[a] **32** UBhela
indodana kaBheyori wabu-
sa kwa-Edomi, igama ledo-
lobha lakhe kwakuyiDiniha-
ba. **33** Lapho uBhela efa, uJo-
babi indodana kaZera wa-
seBhozira wabusa esikhu-
ndleni sakhe. **34** Lapho uJo-
babi efa, uHushamu wasezweni
lamaThemani wabusa esikhu-
ndleni sakhe. **35** Lapho uHu-
shamu efa, uHadadi indodana
kaBhedadi, owanqoba abakwa-
Midiyani[b] endaweni* yakwaMo-
wabi, wabusa esikhundleni sa-
khe, igama ledolobha lakhe
kwakuyi-Aviti. **36** Lapho uHa-
dadi efa, uSamla waseMasire-
ka wabusa esikhundleni sakhe.
**37** Lapho uSamla efa, uShawu-
le waseRehobhoti ngaseMfule-
ni wabusa esikhundleni sakhe.
**38** Lapho uShawule efa, uBha-
li-hanani indodana ka-Akhibori
wabusa esikhundleni sakhe.
**39** Lapho uBhali-hanani indo-
dana ka-Akhibori efa, uHadari
wabusa esikhundleni sakhe.
Igama ledolobha lakhe kwakuyi-
Phawu, igama lomkakhe kungu-
Mehetabeli indodakazi kaMati-
redi indodakazi kaMezahabi.

**40** Ngakho lawa amagama
abaholi baka-Esawu ngokwe-
mindeni yabo, ngokwezindawo
zabo, ngamagama abo: UMho-
li uThimna, uMholi u-Aliva,
uMholi uJetheti,[c] **41** uMholi
u-Oholibhama, uMholi u-Elahi,
uMholi uPhinoni, **42** uMho-
li uKhenazi, uMholi uThemani,
uMholi uMibizari, **43** uMholi
uMagidiyeli noMholi u-Ira-
mu. Laba abaholi bakwa-Edo-
mi ngokwezindawo zabo zo-
kuhlala ezweni eliyifa labo.[d]
Lona u-Esawu uyise wabakwa-
Edomi.[e]

**36:31** *NgesiHebheru, "kwabantwana bakwa-Israyeli." **36:35** *NgesiHebheru, "okhalweni."

**ISAHL. 36**
*a* Dut 17:14, 15; 1Sa 10:19; 1Kr 1:43-50
*b* Gen 25:1, 2; Eks 2:15; Num 31:2
*c* 1Kr 1:51-54
*d* Dut 2:5
*e* Gen 25:30; Gen 36:8

**Uhla 2**

**ISAHL. 37**
*a* Gen 23:3, 4; Gen 28:1, 4; Heb 11:8, 9
*b* Gen 30:25; Gen 46:19
*c* Gen 47:3
*d* Gen 35:25
*e* Gen 35:26
*f* 1Kr 2:1, 2
*g* Gen 37:19
*h* Gen 42:6, 9
*i* Gen 45:8; Gen 49:26
*j* Gen 44:14; Gen 45:9

**37** UJakobe waqhubeka
ehleli ezweni laseKhana-
ni, lapho uyise ayehlala khona
njengesifiki.[a]

**2** Lona umlando kaJakobe.
Lapho indodana yakhe uJo-
sefa[b] ineminyaka engu-17 ubu-
dala, yayelusa umhlambi[c] na-
madodana kaBhiliha[d] namado-
dana kaZilipha,[e] abafazi baka-
yise. UJosefa waletha umbiko
omubi ngabo kuyise. **3** U-Isra-
yeli wayemthanda uJosefa nga-
phezu kwawo wonke ama-
nye amadodana akhe,[f] ngo-
ba wayemzale esegugile, nga-
kho wamenzela ingubo ekhe-
thekile.* **4** Lapho abafowabo
bebona ukuthi uyise wayem-
thanda ngaphezu kwabo bonke
abafowabo, baqala ukumzonda
futhi babengakwazi ukukhulu-
ma naye ngokuthula.

**5** Kamuva uJosefa waphu-
pha iphupho walixoxela aba-
fowabo,[g] base bethola esinye
isizathu sokumzonda. **6** Wa-
thi kubo: "Ngicela nilalele
nali iphupho engiliphuphile.
**7** Besibopha izithungo pha-
kathi nensimu lapho isithu-
ngo sami sivuka sima siqo-
nda, izithungo zenu zangunga
isithungo sami zasikhothame-
la."[h] **8** Abafowabo bathi kuye:
"Ingabe ngempela uzozenza
inkosi phezu kwethu usibuse?"[i]
Ngakho bathola esinye isizathu
sokumzonda ngenxa yamaphu-
pho akhe nangenxa yalokho
ayekushilo.

**9** Ngemva kwalokho waphu-
pha nelinye futhi iphupho,
walilandisa abafowabo wathi:
"Ngiphuphe nelinye iphupho.
Kulokhu ilanga nenyanga ne-
zinkanyezi ezingu-11 bekungi-
khothamela."[j] **10** Wabe eseli-
landisa uyise nabafowabo, uyi-

**37:3** *Noma, "ingubo ende enhle."

se wamkhuza wathi kuye: “Li-
sho ukuthini leli phupho la-
kho? Ingabe mina nonyoko
nabafowenu ngempela sizo-
kukhothamela emhlabathini?”
**11** Abafowabo baba nomona
ngaye,[a] kodwa uyise wawagci-
na la mazwi engqondweni.

**12** Abafowabo bahamba ba-
yisa umhlambi kayise emadle-
lweni eduze kwaseShekemi.[b]
**13** Kamuva u-Israyeli wathi ku-
Josefa: “Abafowenu baluse imi-
hlambi eduze kwaseShekemi,
akunjalo? Woza, ngikuthume
kubo.” UJosefa wathi kuye:
“Kulungile!” **14** Ngakho wathi
kuye: “Ngicela uhambe uyobo-
na ukuthi kubahambela kahle
yini abafowenu. Ubheke uku-
thi umhlambi unjani bese ubu-
ya uzongitshela.” Wamhambisa
esuka esigodini* saseHebroni,[c]
wahamba waya ngaseSheke-
mi. **15** Kamuva umuntu othi-
le wamthola njengoba ayezula-
zula endle. Lo muntu wambu-
za, wathi: “Ufunani?” **16** Wa-
thi: “Ngifuna abafowethu. Ngi-
cela ungitshele, bayelusele ku-
phi imihlambi?” **17** Lo muntu
wathi: “Basukile lapha, ngoba
ngibazwile bethi, ‘Masihambe-
ni siye eDothani.’” Ngakho uJo-
sefa wabalandela abafowabo
wabathola eDothani.

**18** Bambona esekude fu-
thi ngaphambi kokuba afike
kubo, baqala ukumakhela uzu-
ngu lokumbulalala. **19** Ngakho
bathi omunye komunye: “Bhe-
kani! Nanguya umphuphi eza.[d]
**20** Wozani simbulale simpho-
nse komunye wemigodi ya-
manzi, sizothi ushwabadelwe
isilwane sasendle esinolaka,
bese siyabona ukuthi kuyokwe-
nzekani ngamaphupho akhe.”
**21** Lapho uRubeni[e] ekuzwa
lokhu, wazama ukumsindisa
kubo. Wathi: “Masingambula-
li.”[a] **22** URubeni wathi kubo:
“Ningachithi igazi.[b] Mphonseni
kulo mgodi wamanzi osehlane,
kodwa ningamlimazi.”*[c] Injo-
ngo yakhe kwakuwukumsindi-
sa kubo ukuze ambuyisele ku-
yise.

**23** Kwathi ngokushesha la-
pho uJosefa efika kubafowa-
bo, bamkhumula ingubo yakhe,
ingubo ekhethekile ayeyigqoki-
le,[d] **24** bamthatha bampho-
nsa emgodini wamanzi. Ngale-
so sikhathi umgodi wawunge-
nalutho; kwakungekho manzi
kuwo.

**25** Ngemva kwalokho bahla-
la phansi badla. Lapho bepha-
kamisa amehlo, kwakuza iqulu
labakwa-Ishmayeli[e] livela eGile-
yadi. Amakamela abo ayethwe-
le inomfi* yelabhidanu, ibha-
lsamu namagxolo anenomfi,[f]
babeya eGibhithe. **26** UJuda
wathi kubafowabo: “Bekuzoba
nayiphi inzuzo ukube besimbu-
lele umfowethu sase silimboza
igazi lakhe?[g] **27** Wozani sim-
thengise[h] kwabakwa-Ishmaye-
li, isandla sethu masingabi
phezu kwakhe. Nikhumbule,
ungumfowethu, inyama yethu.”
Ngakho bamlalela umfowabo.
**28** Kwase kuthi lapho kudlu-
la abathengisi bakwaMidiya-
ni,[i] bamkhipha emgodini wa-
manzi uJosefa, base bemthe-
ngisa kwabakwa-Ishmayeli nge-
zinhlamvu zesiliva ezingu-
20.[j] Bamyisa eGibhithe uJo-
sefa.

**29** Kamuva lapho uRube-
ni ebuyela emgodini wama-
nzi, ebona ukuthi uJosefa wa-
yengekho emgodini, waklebhu-
la izingubo zakhe. **30** Lapho

**ISAHL. 37**
*a* IzE 7:9
*b* Gen 33:18
*c* Gen 23:19; Gen 35:27
*d* Gen 37:5
*e* Gen 49:3

**Uhla 2**
*a* Gen 9:5; Eks 20:13
*b* Gen 4:8, 10; Gen 42:22
*c* Gen 42:21
*d* Gen 37:3
*e* Gen 25:12
*f* Gen 43:11
*g* Gen 4:8, 10
*h* IzE 7:9
*i* Gen 25:1, 2
*j* Gen 40:15; Gen 45:4; Hu 105:17

**37:14** *Noma, “ethafeni eliphansi.”
**37:22** *Noma, “ningambeki isandla.”
**37:25** *Noma, “inhlaka.”

ebuyela kubafowabo, wababa-
za: “Ingane inyamalele! Mina-ke
—ngizokwenzenjani?”

**31** Ngakho bathatha ingu-
bo kaJosefa bahlaba impo-
ngo, bacwilisa le ngubo ega-
zini. **32** Ngemva kwalokho ba-
yithumela kuyise le ngubo
ekhethekile bathi: “Nakhu esi-
kutholile. Sicela uhlole ukuthi
akuyona yini ingubo yendoda-
na yakho.”[a] **33** Wayihlola wa-
babaza: “Yingubo yendodana
yami le! Kumele ukuba ishwa-
badelwe isilwane sasendle esi-
nolaka! Nakanjani uJosefa use-
yizicucu!” **34** UJakobe wakle-
bhula izingubo zakhe wabhi-
nca indwangu yesaka okhalwe-
ni lwakhe walilela indodana ya-
khe izinsuku eziningi. **35** Wo-
nke amadodana akhe nawo wo-
nke amadodakazi akhe ayelo-
khu ezama ukumduduza, ko-
dwa wayelokhu enqaba ukudu-
duzeka, ethi: “Ngiyoyililela ngi-
ze ngife*[b] indodana yami!” Uyi-
se waqhubeka emkhalela.

**36** AbakwaMidiyani bamthe-
ngisa eGibhithe kuPotifari, isi-
khulu segceke sikaFaro,[c] indu-
na yonogada.[d]

**38** Phakathi naleso sikha-
thi uJuda wabashiya aba-
fowabo wagxumeka itende la-
khe eduze komuntu wase-
Adulamu, ogama lakhe lingu-
Hira. **2** UJuda wayibona la-
pho indodakazi yomKhanani[e]
othile, ogama lakhe kwakungu-
Shuwa. Ngakho wayithatha wa-
lala nayo, **3** yakhulelwa. Ka-
muva yazala indodana, wayiqa-
mba ngokuthi u-Eri.[f] **4** Yaphi-
nda futhi yakhulelwa yazala
indodana, wayiqamba ngokuthi
u-Onani. **5** Yaphinda futhi ya-
zala indodana wayiqamba ngo-
kuthi uShela. Wayese-Akizibi*[a]
ngesikhathi iyizala.

**6** Ngemva kwesikhathi uJu-
da wamthathela umfazi u-Eri
izibulo lakhe, igama lakhe
kwakunguThamari.[b] **7** Kodwa
u-Eri, izibulo likaJuda, waye-
nza okubi emehlweni kaJeho-
va; ngakho uJehova wambu-
lala. **8** Ngenxa yalokho uJuda
wathi ku-Onani: “Lala nomka-
mfowenu umngene uvusele
umfowenu inzalo.”[c] **9** Kodwa
u-Onani wayazi ukuthi leyo
nzalo yayingeke ibhekwe nje-
ngeyakhe.[d] Ngakho lapho ela-
la nomkamfowabo, wasichithe-
la phansi isidoda sakhe ukuze
angamniki umfowabo inzalo.[e]
**10** Lokhu akwenza kwakukubi
emehlweni kaJehova, ngakho
naye wambulala.[f] **11** UJuda
wathi kuThamari umalokazana
wakhe: “Hlala njengomfelokazi
emzini kayihlo ize ikhule indo-
dana yami uShela,” ngoba wa-
yezitshela ukuthi: ‘Naye anga-
se afe njengabafowabo.’[g] Nga-
kho uThamari wahamba wayo-
hlala emzini kayise.

**12** Ngemva kwesikhathi esi-
thile umkaJuda, indodakazi ka-
Shuwa,[h] wafa. Lapho uJuda
eqeda inkathi yokulila, waha-
mba waya kubagundi bezimvu
zakhe eThimna,[i] yena noHira
umngani wakhe wase-Adula-
mu.[j] **13** Kwathiwa kuThama-
ri: “Lalela, uyihlozala ukhu-
phukela eThimna uyogunda izi-
mvu zakhe.” **14** Ngakho wa-
khumula inzilo wazimboza
ubuso wembatha itshali wahla-
la phansi esangweni lase-Ena-
yimi, elisendleleni eya eThi-
mna, ngoba wayebona ukuthi

---

**37:35** *Noma, “ngize ngehlele ethuneni,” noma “eShiyoli,” okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**38:5** *Okuwukuthi, uJuda wayese-Akizibi.

---

**ISAHL. 37**
a Gen 37:3
b Gen 42:38; Gen 44:29; Hu 89:48; Shu 9:10; Hos 13:14; IzE 2:27; IsA 20:13
c Gen 39:1
d Gen 40:2, 3

**ISAHL. 38**
e Gen 24:2, 3; Gen 28:1
f Num 26:19

**Uhla 2**
a Jos 19:29, 31
b Mat 1:3
c Dut 25:5, 6; Mat 22:24
d Rut 4:6
e Dut 25:7, 9
f 1Kr 2:3
g Num 26:19
h Gen 38:2
i Jos 15:10, 12; Hlu 14:1
j Gen 38:1

uShela wayesekhulile kodwa
enganikwanga yena ukuba abe
umkakhe.[a]
**15** Lapho uJuda embona,
ngokushesha wacabanga uku-
thi uyisifebe, ngoba waye-
mboze ubuso. **16** Ngakho wa-
phambukela kuye ngasendlele-
ni wathi: “Ngicela ungivumele
ngilale nawe,” ngoba wayenga-
zi ukuthi kwakungumalokaza-
na wakhe.[b] Nokho, wathi: “Uzo-
nginikani ukuze ulale nami?”
**17** UJuda wathi: “Ngizothume-
la izinyane lembuzi elivela em-
hlanjini wami.” Kodwa uTha-
mari wathi: “Uzonginika yini
isibambiso kuze kube yilapho
ulithumela?” **18** Wathi: “Ngi-
kunike sibambiso sini?” yena
wathi: “Indandatho eyisigxivi-
zo[c] nentambo yakho nenduku
oyiphethe.” Wabe esemnika
kona walala naye, wakhulelwa.
**19** Ngemva kwalokho wasuku-
ma wahamba wasusa itshali
wagqoka inzilo yakhe.
**20** UJuda wathumela um-
ngani wakhe wase-Adulamu[d]
ukuba ahambise izinyane le-
mbuzi ukuze kubuye isiba-
mbiso esasikowesifazane, ko-
dwa akamtholanga. **21** Wabu-
za kubantu bendawo yaku-
bo, wathi: “Siphi lesiya si-
febe sasethempelini e-Enayimi
eduze kwendlela?” Kodwa ba-
thi: “Akukaze kube khona si-
febe sasethempelini kule nda-
wo.” **22** Ekugcineni wabuyela
kuJuda wathi: “Angizange ngi-
sithole, nabantu bendawo ba-
the, ‘Akukaze kube khona si-
febe sasethempelini kule nda-
wo.’” **23** Ngakho uJuda wa-
thi: “Masizithathele kona, nga-
phandle kwalokho sizozilethe-
la ihlazo uma silokhu sisifuna.
Mina ngilithumelile izinyane le-
mbuzi, kodwa awuzange usi-
thole.”
**24** Nokho, kwathi ezinya-
ngeni ezingaba ntathu kamuva,
kwathiwa kuJuda: “UThamari
umalokazana wakho uziphathi-
se okwesifebe futhi ukhulelwe
ngenxa yobufebe bakhe.” Ku-
lokho uJuda wathi: “Mkhi-
pheleni ngaphandle ashiswe.”[a]
**25** Njengoba ayekhishwa wa-
thumela lo myalezo kuyiseza-
la: “Ngikhuleliswe indoda engu-
mnikazi walezi zinto.” Waneze-
la: “Ngicela uzihlole ukuthi zi-
ngezikabani, indandatho eyisi-
gxivizo nentambo nenduku.”[b]
**26** UJuda wazihlola wayesethi:
“Ulunge ngaphezu kwami, ngo-
ba angimnikanga uShela indo-
dana yami.”[c] Akaphindanga wa-
lala naye ngemva kwalokho.
**27** Lapho kufika isikhathi
sokuba abelethe, kwakukho-
na amawele esibelethweni sa-
khe. **28** Njengoba ayebeletha,
elinye lakhipha isandla salo,
ngokushesha umbelethisi wa-
thatha intambo ebomvu wa-
yibopha esandleni salo, wa-
thi: “Lona uphume kuqala.”
**29** Kodwa lapho lisibuyise-
la emuva isandla, umfowabo
waphuma, umbelethisi waba-
baza: “Yile ndlela ofohla nga-
yo ukuze uphume!” Ngakho
waqanjwa ngokuthi uPherezi.*[d]
**30** Ngemva kwalokho kwaphu-
ma umfowabo, okwakuboshe-
lwe kuye intambo ebomvu
esandleni, waqanjwa ngokuthi
uZera.[e]

**39** UJosefa wehliselwa eGi-
bhithe,[f] umGibhithe oga-
ma lakhe linguPotifari,[g] isikhu-
lu segceke sikaFaro, induna yo-
nogada, wamthenga kwaba-
kwa-Ishmayeli[h] ababemehlisele
khona. **2** Kodwa uJehova wa-
yenoJosefa.[i] Ngenxa yalokho,
waphumelela waphathiswa

38:29 *Incazelo: “Ukudabuka,” kunge-
nzeka lisho ukudabuka kwesizalo.

ISAHL. 38
a Dut 25:5
b Gen 38:11
c Gen 41:42; 1Kh 21:8
d Gen 38:1

Uhla 2
a Lev 21:9
b Gen 38:16, 18
c Gen 38:11; Dut 25:5
d Gen 46:12; Rut 4:12; 1Kr 2:4; Luk 3:23, 33
e Mat 1:3

ISAHL. 39
f Hu 105:17; IzE 7:9
g Gen 37:36
h Gen 17:20; Gen 37:25
i Rom 8:31; Heb 13:6

indlu yenkosi yakhe, umGibhi-
the. **3** Inkosi yakhe yabona
ukuthi uJehova wayenaye no-
kuthi konke ayekwenza uJeho-
va wayekuphumelelisa.

**4** UJosefa waqhubeka etho-
la umusa kuyo, waba inceku
yayo. Ngakho yammisa ukuba
aphathe indlu yayo, yampha-
thisa konke okwakungokwayo.
**5** Kusukela ngesikhathi eya-
mmisa ngaso ukuba aphathe
indlu yayo nokuba aphathe ko-
nke okwakungokwayo, uJeho-
va waqhubeka eyibusisa indlu
yalo mGibhithe ngenxa kaJo-
sefa, isibusiso sikaJehova saba
phezu kwakho konke ayenakho
endlini nasensimini.[a] **6** Eku-
gcineni wabeka uJosefa kuzo
zonke izinto zakhe ukuba azi-
nakekele; futhi wayengacaba-
ngi ngalutho ngaphandle koku-
dla ayekudla. Ngaphezu kwalo-
kho, uJosefa wakhula waba no-
mzimba omuhle futhi waba mu-
hle.

**7** Umkankosi yakhe waqala
ukubuka uJosefa, wathi: “Lala
nami.” **8** Kodwa wenqaba wa-
thi kumkankosi yakhe: “Inko-
si yami ayazi ukuthi yini ena-
mi endlini, ingiphathise konke
enakho ukuba ngikunakekele.
**9** Akekho omkhulu kunami
kule ndlu, ayingigodlelanga lu-
tho neze ngaphandle kwakho,
ngoba ungumkayo. Pho nginga-
benza kanjani lobu bubi obu-
khulu kangaka ngone kuNkulu-
nkulu?”[b]

**10** Ngakho wayekhuluma no-
Josefa usuku nosuku, kodwa
akazange avume ukulala naye
noma ukuba naye. **11** Ngolu-
nye usuku lapho engena endli-
ni eyokwenza umsebenzi wa-
khe, kwakungekho neyodwa ye-
zinceku endlini. **12** Umkanko-
si wambamba ngengubo, wa-
thi: “Lala nami!” Kodwa uJo-
sefa wayishiya esandleni sakhe
ingubo yakhe wabalekela nga-
phandle. **13** Kwathi nje lapho
umkankosi ebona ukuthi waye-
shiye ingubo yakhe esandleni
sakhe wabalekela ngaphandle,
**14** waqala ukumemeza amado-
da endlu yakhe ethi kuwo:
“Bhekani! Usilethele le ndoda
engumHebheru ukuba isenze
inhlekisa. Ize kimi ukuze ila-
le nami, kodwa ngaqala uku-
memeza ngalo lonke izwi lami.
**15** Kuthe lapho izwa ngiphaka-
misa izwi ngimemeza, yashiya
ingubo yayo eceleni kwami ya-
balekela ngaphandle.” **16** Nge-
mva kwalokho wabeka ingubo
kaJosefa eceleni kwakhe kwaze
kwaba yilapho inkosi yakhe ifi-
ka endlini yayo.

**17** Wabe eseyitshela into
efanayo, wathi: “Le nceku
engumHebheru osilethele yona
ize kimi izongenza inhlekisa.
**18** Kodwa kuthe lapho ngi-
phakamisa izwi lami ngimeme-
za, yashiya ingubo yayo eceleni
kwami yabalekela ngaphandle.”
**19** Ngemva nje kokuba inko-
si yakhe izwe amazwi umkayo
awakhuluma kuyo, ethi: “Yile-
zi izinto inceku yakho ezenze
kimi,” intukuthelo yayo yavu-
tha. **20** Ngakho inkosi kaJo-
sefa yamthatha yamfaka ejele,
endaweni lapho iziboshwa ze-
nkosi zazigcinwa khona zibo-
shiwe, wahlala ejele.[a]

**21** Kodwa uJehova waqhu-
beka enoJosefa embonisa
uthando oluqotho, emenza no-
kuba athole umusa esikhulwini
esiyinhloko sejele.[b] **22** Nga-
kho isikhulu esiyinhloko seje-
le sabeka uJosefa phezu kwa-
zo zonke iziboshwa ezazise-
jele, konke ezazikwenza la-
pho, kwakunguye owayekuya-
leza.[c] **23** Isikhulu esiyinhloko
sejele sasinganakekeli lutho

ISAHL. 39
*a* Gen 30:27
*b* Gen 2:24
Gen 20:3, 6
Hu 51:Sup, 4
Mar 10:7, 8
Heb 13:4

Uhla 2
*a* Hu 105:17, 18
*b* Gen 40:2, 3
Hu 105:19
IzE 7:9
*c* Gen 39:6

nhlobo olwalunakekelwa uJosefa, ngoba uJehova wayenoJosefa futhi uJehova wayephumelelisa noma yini ayeyenza.[a]

**40** Ngemva kwalokho, induna yabaphathindebe*[b] benkosi yaseGibhithe kanye nenduna yababhaki benza okubi enkosini yabo, inkosi yaseGibhithe. **2** Ngakho uFaro wazithukuthelela lezi zikhulu ezimbili, induna yabaphathindebe nenduna yababhaki,[c] **3** wazivalela ejele lendlu yenduna yonogada,[d] endaweni uJosefa ayeboshwe kuyo.[e] **4** Ngemva kwalokho induna yonogada yabela uJosefa ukuba abe nazo azinakekele,[f] zaqhubeka zisejele isikhathi esithile.*

**5** Umphathindebe nombhaki wenkosi yaseGibhithe ababeboshwe ejele, ngamunye kubo waphupha iphupho ngobusuku obufanayo, iphupho ngalinye lalinencazelo yalo. **6** Ngakusasa ekuseni lapho uJosefa engena ebabona, babebukeka bedangele. **7** Ngakho wababuza: "Kungani ubuso benu buhwaqabele namuhla?" **8** Bona bathi kuye: "Ngamunye kithi uphuphe iphupho, kodwa akekho ongasichazela lona." UJosefa wathi kubo: "Izincazelo akuzona yini ezikaNkulunkulu?[g] Ngicela ningixoxele wona."

**9** Induna yabaphathindebe yaxoxela uJosefa iphupho layo yathi kuye: "Ephusheni lami, bekukhona isihlahla samagilebhisi phambi kwami. **10** Esihlahleni samagilebhisi bekukhona amagatshana amathathu futhi njengoba besihluma amacembe siqhakazile, amagilebhisi avuthwa emahlukuzweni awo. **11** Indebe kaFaro ibisesandleni sami, ngathatha amagilebhisi ngawakhamela endebeni kaFaro. Ngemva kwalokho ngabeka indebe esandleni sikaFaro." **12** UJosefa wabe esethi kuyo: "Nansi incazelo yalo: Amagatshana amathathu ayizinsuku ezintathu. **13** Ezinsukwini ezintathu kusukela manje, uFaro uzokukhipha* akubuyisele esikhundleni sakho,[a] uzobeka indebe kaFaro esandleni sakhe njengoba bewenza ngaphambili lapho usengumphathindebe wakhe.[b] **14** Nokho, ungikhumbule lapho izinto sezikuhambela kahle. Ngicela ungibonise uthando oluqotho ukhulume ngami kuFaro, ukuze ungikhiphe kule ndawo. **15** Eqiniswenі ngathunjwa ezweni lamaHebheru,[c] angenzanga lutho lapha njengoba bengifake ejele."*[d]

**16** Lapho induna yababhaki ibona ukuthi uJosefa wayenikeze incazelo enhle, yathi kuye: "Nami ngiphuphile, bekukhona obhasikidi abathathu bezinkwa ezimhlophe ekhanda lami, **17** kubhasikidi ophezulu bekukhona zonke izinhlobo zezinto ezibhakiwe zikaFaro, kukhona nezinyoni zidla lezo zinto kulowo bhasikidi ophezu kwekhanda lami." **18** UJosefa waphendula, "Nansi incazelo yalo: Obhasikidi abathathu bayizinsuku ezintathu. **19** Ezinsukwini ezintathu kusukela manje, uFaro uzonquma ikhanda lakho,* akulengise esigxotsheni, izinyoni zidle inyama yakho."[e]

---

**40:1** *Lo muntu wayeweta iwayini enkosini. Ngezinye izikhathi wayeliqhabula ukuze abone ukuthi alinashevu yini ngaphambi kokuba alinike inkosi. **40:4** *NgesiHebheru, "izinsuku ezithile."

**40:13, 19** *NgesiHebheru, "uzophakamisa ikhanda lakho." **40:15** *NgesiHebheru, "emgodini."

---

**ISAHL. 39**
*a* Gen 49:22, 25; IzE 7:9, 10

**ISAHL. 40**
*b* Gen 40:11
*c* Gen 40:20-22
*d* Gen 37:36
*e* Gen 39:20; Hu 105:17, 18
*f* Gen 39:22
*g* Gen 41:15, 16; Dan 2:28, 45

**Uhla 2**
*a* Gen 41:12, 13
*b* Gen 40:20, 21
*c* Gen 37:28
*d* Gen 39:7, 8
*e* Gen 40:20, 22

**20** Ngosuku lwesithathu
kwaba usuku lukaFaro lokuza-
lwa,[a] wenzela zonke izince-
ku zakhe idili, wabakhipha* bo-
babili induna yabaphathinde-
be nenduna yababhaki phaka-
thi kwezinceku zakhe. **21** Wa-
yibuyisela induna yabaphathi-
ndebe esikhundleni sayo soku-
ba umphathindebe, yaqhubeka
inika uFaro indebe. **22** Kodwa
wayilengisa induna yababhaki,
njengoba nje uJosefa ayezicha-
zelile.[b] **23** Nokho, induna ya-
baphathindebe ayizange im-
khumbule uJosefa; yayilokhu
imkhohlwa.[c]

**41** Ekupheleni kweminyaka
emibili egcwele, uFaro
waphupha[d] emi ngaseMfule-
ni iNayile. **2** Emfuleni kwaku-
khuphuka izinkomo eziyisi-
khombisa ezinhle, ezikhulu-
phele, zidla utshani beNayile.[e]
**3** Kwakunezinye izinkomo ezi-
yisikhombisa ezazibukeka zizi-
mbi zizacile zikhuphuka nge-
mva kwazo ziphuma emfule-
ni iNayile, zama eceleni kwezi-
nkomo ezikhuluphele ezaziso-
sebeni lweNayile. **4** Izinkomo
ezimbi, ezizacile zaqala uku-
dla izinkomo ezinhle eziyisi-
khombisa ezikhuluphele. UFa-
ro waphaphama.

**5** Wabuye walala, waphinde
waphupha okwesibili. Kwaku-
khona izixha zokudla oku-
sanhlamvu eziyisikhombisa zi-
hluma ohlangeni olulodwa, zi-
gcwele futhi zizinhle.[f] **6** Nge-
mva kwazo kwakukhula izi-
xha zokudla okusanhlamvu ezi-
yisikhombisa, zizacile ziha-
ngulwe umoya wasempumala-
nga. **7** Izixha ezizacile zoku-
dla okusanhlamvu zaqala uku-
gwinya izixha zokudla okusa-
nhlamvu eziyisikhombisa eza-
zigcwele futhi zizinhle. UFaro
wabe esephaphama, wabona
ukuthi kwakuyiphupho.

**8** Kodwa ekuseni umoya wa-
khe waqala ukukhathazeka.
Ngakho wathumela wabiza bo-
nke abapristi baseGibhithe
abenza imilingo nawo wonke
amadoda akhona ahlakaniphi-
le. UFaro wabaxoxela amaphu-
pho akhe, kodwa akekho kubo
owayengamchazela wona.

**9** Induna yabaphathindebe
yakhuluma noFaro, yathi: "Nam-
hlanje ngiyazivuma izono zami.
**10** UFaro wayezithukuthelele
izinceku zakhe. Ngakho wangi-
valela ejele lendlu yenduna yo-
nogada, sobabili mina nenduna
yababhaki.[a] **11** Ngemva kwalo-
kho ngamunye wethu waphupha
iphupho ngobusuku obufanayo.
Mina nayo saphupha, iphupho
ngalinye lalinencazelo ehlukile.[b]
**12** Kwakukhona insizwa ethile
engumHebheru kanye nathi la-
pho, inceku yenduna yonoga-
da.[c] Lapho siyixoxela wona,[d] ya-
sichazela ukuthi iphupho ngali-
nye lisho ukuthini. **13** Kwenze-
ka njengoba nje yayisichazele.
Mina ngabuyiselwa esikhundleni
sami, kodwa lona omunye wale-
ngiswa."[e]

**14** Ngakho uFaro wabe ese-
thumela ukuba kubizwe uJo-
sefa,[f] bamletha ngokushesha
evela ejele.*[g] Waphuca, washi-
ntsha izingubo zakhe wayeseya
kuFaro. **15** UFaro wathi ku-
Josefa: "Ngiphuphe iphupho,
kodwa akekho ongalichaza.
Manje ngizwile ngawe kuthiwa
uyakwazi ukuzwa iphupho uli-
chaze."[h] **16** UJosefa waphe-
ndula uFaro, wathi: "Angilutho
mina! UNkulunkulu uzokhulu-
ma ngenhlalakahle kaFaro."[i]

ISAHL. 40
a Mar 6:21
b Gen 40:8
c Gen 40:14

ISAHL. 41
d Dan 2:1
e Gen 41:18-21
f Gen 41:22-24

Uhla 2
a Gen 40:2, 3
b Gen 40:5
c Gen 39:1
d Gen 40:8
e Gen 40:21, 22
f Hu 105:20
g Gen 40:15
h Dan 5:12
IzE 7:9, 10
i Gen 40:8
Dan 2:23, 28

**40:20** *NgesiHebheru, "waphakamisa amakhanda abo."

**41:14** *NgesiHebheru, "emgodini."

**17** UFaro waqhubeka wathi
kuJosefa: "Ephusheni lami be-
ngimi osebeni loMfula iNa-
yile. **18** Kwakhuphuka eNa-
yile izinkomo eziyisikhombi-
sa zikhuluphele, zizinhle, za-
qala ukudla otshanini beNayi-
le.[a] **19** Kukhuphuke nezinye
izinkomo eziyisikhombisa nge-
mva kwazo, zizacile, zizimbi
kakhulu futhi zondile. Angika-
ze ngizibone izinkomo ezimbi
njengazo kulo lonke izwe lase-
Gibhithe. **20** Izinkomo ezimbi
ezizacile ziqale ukudla izinko-
mo zokuqala eziyisikhombisa
ezikhuluphele. **21** Kodwa la-
pho sezizidlile, ubungeke usho
ukuthi zizidlile ngoba bezilo-
khu zizimbi njengasekuqaleni.
Ngase ngiphaphama.

**22** "Ngemva kwalokho ephu-
sheni lami ngibone izixha zoku-
dla okusanhlamvu eziyisikho-
mbisa zihluma ohlangeni olu-
lodwa, zigcwele futhi zizi-
nhle.[b] **23** Ngemva kwazo be-
kukhula izixha zokudla okusa-
nhlamvu eziyisikhombisa ezi-
shwabene, zizincane, zihangu-
lwe umoya wasempumalanga.
**24** Izixha zokudla okusanhla-
mvu ezincane zibe seziqala
ukugwinya izixha zokudla oku-
sanhlamvu ezinhle eziyisikho-
mbisa. Ngibaxoxele leli phupho
abapristi abenza imilingo,[c] ko-
dwa akekho okwazile ukungi-
chazela."[d]

**25** UJosefa wabe esethi ku-
Faro: "Amaphupho kaFaro
anencazelo eyodwa. UNkulu-
nkulu weqiniso umtshelile uFa-
ro lokho azokwenza.[e] **26** Izi-
nkomo eziyisikhombisa ezi-
nhle ziyiminyaka eyisikhombi-
sa. Ngokufanayo nezixha zoku-
dla okusanhlamvu eziyisikho-
mbisa ezinhle ziyiminyaka eyi-
sikhombisa. La maphupho ane-
ncazelo eyodwa. **27** Izinkomo
eziyisikhombisa ezizacile, ezi-
mbi ezikhuphuke ngemva kwa-
zo ziyiminyaka eyisikhombi-
sa, nezixha zokudla okusanhla-
mvu eziyisikhombisa ezinge-
nalutho, ezihangulwe umoya
wasempumalanga, ziyoba imi-
nyaka eyisikhombisa yendlala.
**28** Kunjengoba nje ngimtsheli-
le uFaro: UNkulunkulu weqini-
so umbonisile uFaro lokho azo-
kwenza.

**29** "Kuzoba neminyaka eyi-
sikhombisa yenala enkulu
kulo lonke izwe laseGibhithe.
**30** Kodwa ngemva kwayo na-
kanjani kuyoba khona iminya-
ka eyisikhombisa yendlala, yo-
nke inala yasezweni laseGi-
bhithe iyolitshalwa nakanjani,
indlala iyoliqothula izwe.[a]
**31** Inala eyayike yaba khona
ezweni ngeke isakhunjulwa
ngenxa yendlala eyoba kho-
na kamuva, ngoba iyoba nkulu
kakhulu. **32** UFaro waliphu-
pha kabili leli phupho ngoba
le nto imi iqinile kuNkulunku-
lu weqiniso futhi uNkulunkulu
weqiniso uzoyenza maduze.

**33** "Manje uFaro makafune
indoda eqondayo ehlakaniphi-
le ayibeke phezu kwezwe lase-
Gibhithe. **34** UFaro makatha-
the isinyathelo amise abapha-
thi ezweni, futhi kufanele aqo-
qe ingxenye yesihlanu yomkhi-
qizo waseGibhithe phakathi ne-
minyaka eyisikhombisa yena-
la.[b] **35** Mabaqoqe konke uku-
dla phakathi nale minyaka emi-
hle ezayo, banqwabelanise uku-
dla okusanhlamvu ngaphansi
kwegunya likaFaro kube uku-
dla okuzogcinwa emadolobheni,
kulondolozwe khona.[c] **36** Lo-
khu kudla kufanele kube uku-
dla kwezwe ngale minyaka eyisi-
khombisa yendlala ezoba khona
ezweni laseGibhithe, ukuze izwe
lingabulawa indlala."[d]

**ISAHL. 41**

*a* Gen 41:2-4
*b* Gen 41:5-7
*c* Gen 41:8, Dan 2:2
*d* Dan 2:27, Dan 4:7
*e* Dan 2:28, Amo 3:7

**Uhla 2**

*a* IzE 7:11
*b* Gen 41:26, 47
*c* Gen 41:48, 49, IzE 7:12
*d* Gen 45:9, 11, Gen 47:13, 19

**37** Leli su labonakala lilihle kuFaro nakuzo zonke izinceku zakhe. **38** Ngakho uFaro wathi ezincekwini zakhe: “Angatholakala yini omunye umuntu onjengalona, onomoya kaNkulunkulu?” **39** UFaro wabe esethi kuJosefa: “Njengoba uNkulunkulu ekubangele ukuba wazi konke lokhu, akekho umuntu onokuqonda nohlakaniphe njengawe. **40** Wena ngokwakho uzophatha indlu yami, bonke abantu bami bazokulalela ngokuphelele.[a] Ngizoba mkhulu kunawe kuphela ngokuqondene nendima yami yokuba inkosi.”* **41** UFaro waqhubeka wathi kuJosefa: “Bheka, ngikubeka phezu kwalo lonke izwe laseGibhithe.”[b] **42** UFaro wabe esekhipha indandatho yakhe yophawu esandleni sakhe wayifaka esandleni sikaJosefa, wamgqokisa izingubo zelineni elisezingeni eliphezulu wagaxa umgexo wegolide entanyeni yakhe. **43** Ngaphezu kwalokho, wamgibelisa enqoleni yesibili yodumo ayenayo, babememeza ngaphambi kwakhe bethi, *“Avurekhi!”** Kanjalo wambeka phezu kwalo lonke izwe laseGibhithe.

**44** UFaro waqhubeka wathi kuJosefa: “Yimi uFaro, kodwa akukho muntu ongenza noma yini* kulo lonke izwe laseGibhithe engagunyazwanga nguwe.”[c] **45** Ngemva kwalokho uFaro waqamba uJosefa ngokuthi uZafenati-phaneya wayesemganisela u-Asenati[d] indodakazi kaPotifera umpristi wase-Oni.* UJosefa waqala ukuphatha# izwe laseGibhithe.[a] **46** UJosefa wayeneminyaka engu-30[b] ubudala lapho ema phambi kukaFaro* inkosi yaseGibhithe.

UJosefa wabe esephuma phambi kukaFaro walihamba lonke izwe laseGibhithe elihlola. **47** Phakathi neminyaka eyisikhombisa yenala, izwe laqhubeka likhiqiza kakhulu.* **48** Wayelokhu eqoqa konke ukudla kweminyaka eyisikhombisa ezweni laseGibhithe, futhi wayenqwabelanisa lokho kudla emadolobheni. Edolobheni ngalinye wayegcina ukudla okuvela emasimini alizungezile. **49** UJosefa waqhubeka enqwabelanisa ukudla okusanhlamvu kwaba kuningi kakhulu njengesihlabathi solwandle, ekugcineni bayeka ukukukala ngoba kwakungasakaleki.

**50** Ngaphambi kokufika konyaka wendlala, uJosefa wazala amadodana amabili,[c] u-Asenati indodakazi kaPotifera umpristi wase-Oni* amzalela wona. **51** UJosefa waqamba izibulo ngokuthi uManase,*[d] ngoba wathi, “UNkulunkulu ungenze ngazikhohlwa zonke izinkathazo zami nayo yonke indlu kababa.” **52** Eyesibili wayiqamba ngokuthi u-Efrayimi,*[e] ngoba wathi, “UNkulunkulu ungenze nganda ezweni losizi lwami.”[f]

**53** Ngemva kwalokho yaphela iminyaka eyisikhombisa yenala ezweni laseGibhithe,[g] **54** kwaqala iminyaka eyisikhombisa yendlala, njengoba nje uJosefa ayeshilo.[h] Le ndlala yaba khona kuwo

**ISAHL. 41**
- a Gen 39:6; Hu 105:21; IzE 7:9, 10
- b Dan 5:7
- c Gen 44:18; Gen 45:8; IzE 7:9, 10
- d Gen 46:20

**Uhla 2**
- a Hu 105:21
- b Num 4:3; 2Sa 5:4; Luk 3:23
- c Gen 48:5
- d Gen 50:23; Num 1:34, 35
- e Gen 48:17; Num 1:32, 33; Dut 33:17; Jos 14:4
- f Hu 105:17, 18; IzE 7:9, 10
- g Gen 41:26
- h Gen 41:30; IzE 7:11

**41:40** *Noma, “nesihlalo sobukhosi.” **41:43** *Ngokusobala yigama lokubonisa udumo nenhlonipho. **41:44** *NgesiHebheru, “ongaphakamisa isandla sakhe noma unyawo lwakhe.” **41:45, 50** *Okuwukuthi, waseHeliyopholisi. **41:45** #Noma, “ukuhamba.”

**41:46** *Noma, “lapho eqala inkonzo yakhe kuFaro.” **41:47** *NgesiHebheru, “insada.” **41:51** *Incazelo: “Owenza Ukhohlwe.” **41:52** *Incazelo: “Ukwanda Ngokuphindiwe.”

wonke amazwe, kodwa kulo
lonke izwe laseGibhithe sa-
sikhona isinkwa.*[a] **55** Ekugci-
neni lonke izwe laseGibhi-
the labulawa indlala, abantu
baqala ukukhala kuFaro bece-
la isinkwa.[b] UFaro wathi kuwo
wonke amaGibhithe: “Yanini
kuJosefa, nenze noma yini
anitshela yona.”[c] **56** Indlala
yaqhubeka kuwo wonke um-
hlaba.[d] UJosefa wabe eseqa-
la ukuvula zonke izinqoloba-
ne zokudla okusanhlamvu eza-
ziphakathi kwabo wathengise-
la amaGibhithe,[e] ngoba indla-
la yayinkulu kakhulu ezwe-
ni laseGibhithe. **57** Ngaphezu
kwalokho, abantu bawo wonke
umhlaba beza eGibhithe bezo-
thenga kuJosefa, ngoba indla-
la yayinkulu kakhulu kuwo wo-
nke umhlaba.[f]

**42** Lapho uJakobe ezwa
ukuthi kwakukhona uku-
dla okusanhlamvu eGibhithe,[g]
wathi emadodaneni akhe: “Ku-
ngani nilokhu nibukana?”
**2** Wanezela wathi: “Ngizwile
ukuthi kukhona ukudla eGibhi-
the. Yanini khona nisithengele
ukudla, ukuze siqhubeke siphi-
la, singafi.”[h] **3** Ngakho aba-
fowabo bakaJosefa[i] abayishu-
mi behla bayothenga ukudla
eGibhithe. **4** Kodwa uJakobe
akamthumelanga uBhenjami-
ni,[j] umfowabo kaJosefa, kanye
nabanye abafowabo, ngoba wa-
thi: “Mhlawumbe angehlelwa
ingozi afe.”[k]

**5** Amadodana ka-Israyeli
afika kanye nabanye ababefika
bezothenga, ngoba le ndlala ya-
yisikhona nasezweni laseKha-
nani.[l] **6** UJosefa wayenegu-
nya ezweni,[m] nguye owayethe-
ngisela bonke abantu emhla-
beni ukudla okusanhlamvu.[n]
Ngakho abafowabo bakaJosefa
beza bakhothama kuye ubuso
babo bubheke phansi.[a] **7** La-
pho uJosefa ebona abafowabo,
wabakhumbula ngaso leso si-
khathi, kodwa wazifihla kubo.[b]
Wakhuluma nabo ngokhahlo
wathi: “Nivelaphi?” bona bathi:
“Sivela ezweni laseKhanani si-
zothenga ukudla.”[c]

**8** UJosefa wababona aba-
fowabo, kodwa bona abambo-
nanga. **9** UJosefa wawakhu-
mbula ngokushesha ama-
phupho ayewaphuphile nga-
bo,[d] wayesethi kubo: “Niyizi-
nhloli! Nizele ukuzobona izi-
ndawo zezwe eningazihla-
sela!”* **10** Bona bathi kuye:
“Cha, nkosi yami, izince-
ku zakho zizothenga uku-
dla. **11** Sonke singamadoda-
na omuntu oyedwa. Singaba-
ntu abaqotho. Izinceku zakho
azizona izinhloli.” **12** Kodwa
wathi kubo: “Akunjalo! Nize-
le ukuzobona izindawo zezwe
eningazihlasela!” **13** Bona ba-
thi: “Izinceku zakho ziyizela-
mani ezingu-12.[e] Singamado-
dana omuntu oyedwa[f] ezwe-
ni laseKhanani, omncane kuna-
thi sonke usele nobaba,[g] kanti
omunye akasekho.”[h]

**14** UJosefa wathi kubo: “Ku-
njengoba nje ngishilo kini—‘Ni-
yizinhloli!’ **15** Ukuze ngibone
ukuthi nikhuluma iqiniso: Nge-
ke nihambe lapha ngapha-
ndle kokuba umfowenu omnca-
ne eze lapha, ngimfunge uFaro.[i]
**16** Thumani oyedwa kini uku-
ba alande umfowenu ngesikha-
thi nina niboshiwe. Iyona ndle-
la engizobona ngayo ukuthi ni-
khuluma iqiniso. Uma kunge-
njalo, ngimfunge uFaro, kusho
ukuthi niyizinhloli.” **17** Wabe
esebavalela ndawonye izinsuku
ezintathu.

ISAHL. 41
a Gen 45:9, 11; Gen 47:17
b Gen 47:13
c Hu 105:21
d Gen 43:1
e Gen 41:48, 49; Gen 47:16
f Gen 47:4

ISAHL. 42
g Gen 41:48, 49
h IzE 7:12
i 1Kr 2:1, 2
j Gen 35:18, 19; Gen 42:38; Gen 44:20
k Gen 43:14
l Gen 41:57; IzE 7:11
m Gen 41:44; Gen 45:8; Hu 105:21; IzE 7:9, 10
n Gen 47:14

Uhla 2
a Gen 37:7, 9
b Gen 42:23
c Gen 37:1; IzE 7:11, 12
d Gen 37:7-9
e 1Kr 2:1, 2
f Eks 1:1-4
g Gen 35:18, 19; Gen 42:38; Gen 43:7
h Gen 37:27, 35; Gen 44:20
i Gen 42:34; Gen 43:29

**41:54** *Noma, “ukudla.”

**42:9** *Noma, “ezibuthaka.”

**18** UJosefa wathi kubo ngo-
suku lwesithathu: "Ngenxa yo-
kuthi ngesaba uNkulunkulu,
yenzani lokhu engikushoyo
ukuze niphile. **19** Uma ninga-
bantu abaqotho, oyedwa ku-
bafowenu makasale eboshi-
we endlini ebenivalelwe kuyo,
kodwa nonke nina abanye
ningahamba nithathe ukudla
ukuze nithibe indlala eminde-
nini yenu.[a] **20** Niyobe senile-
tha umfowenu omncane kimi
ukuze kubonakale ukuthi eni-
kushoyo kuyiqiniso futhi ngeke
nife." Base benza kanjalo.

**21** Base bethi omunye ko-
munye: "Nakanjani siyajezi-
swa ngenxa yomfowethu,[b] ngo-
ba salubona usizi lwakhe* la-
pho esincenga ukuba simbo-
nise ububele, kodwa asilalela-
nga. Yingakho lolu sizi lusehle-
le." **22** URubeni wabaphendu-
la, wathi: "Angishongo yini kini
ukuthi, 'Ningamlimazi umntwa-
na,' kodwa nangalalela?[c] Ma-
nje kumele silandise ngoba si-
chithe igazi lakhe."[d] **23** Ko-
dwa babengazi ukuthi uJosefa
wayebezwa ngoba kwakukho-
na otolikayo. **24** Ngakho wa-
qhela kubo wakhala.[e] Lapho
ebuyela kubo waphinde wa-
khuluma nabo, wathatha uSi-
meyoni[f] kubo wambopha pha-
mbi kwabo.[g] **25** Ngemva kwa-
lokho uJosefa wakhipha umya-
lo wokuba kugcwaliswe amasa-
ka* abo ngokudla okusanhla-
mvu, kubuyiselwe imali yalowo
nalowo esakeni lakhe banikwe
nomphako wendlela. Benzelwa
lokho.

**26** Ngakho balayisha ukudla
kwabo okusanhlamvu ezimbo-
ngolweni bahamba. **27** Lapho
omunye wabo evula isaka la-
khe ukuze anike imbongo-
lo ifolishi endaweni ababezo-
lala kuyo, wabona imali yakhe
isesakeni. **28** Wabe esethi ku-
bafowabo: "Imali yami ibuyisi-
we, nansi esakeni lami!" Izi-
nhliziyo zabo zashona phansi
futhi bethuka bathi omunye
komunye: "Yini le uNkulunkulu
asenze yona?"

**29** Lapho befika kuJakobe
uyise ezweni laseKhanani, bam-
tshela zonke izinto ezazibehle-
le, bathi: **30** "Umuntu oyinko-
si kuleliya zwe ukhulume na-
thi ngokhahlo,[a] wasisola ngoku-
thi singabantu abazohlola izwe.
**31** Kodwa sithe kuye, 'Singa-
bantu abaqotho. Asizona izi-
nhloli.[b] **32** Siyizelamani ezi-
ngu-12,[c] sizalwa ubaba oyedwa.
Oyedwa akasekho,[d] kodwa om-
ncane kunathi sonke usele
nobaba ezweni laseKhanani.'[e]
**33** Kodwa inkosi yathi, 'Yile
ndlela engizokwazi ngayo uku-
thi niqotho: Shiyani oyedwa wa-
bafowenu.[f] Nina nithathe oku-
thile kokuthiba indlala eminde-
nini yenu, nihambe.[g] **34** Nge-
mva kwalokho nilethe umfowe-
nu omncane kimi, ukuze nga-
zi ukuthi niqotho, anizona izi-
nhloli. Ngizobe senginibuyise-
la umfowenu futhi ningakwazi
ukuthenga ezweni lethu.'"

**35** Lapho bethulula amasa-
ka abo, babona isikhwama se-
mali salowo nalowo esakeni la-
khe. Lapho bona kanye noyise
bebona izikhwama zabo zema-
li, besaba. **36** UJakobe uyise
wababaza wathi kubo: "Yimi-
na enimenze walahlekelwa aba-
ntwana![h] UJosefa akasekho,[i]
uSimeyoni naye akasekho,[j] ma-
nje senizothatha noBhenjami-
ni! Zonke lezi zinto zinge-
hlele!" **37** Kodwa uRubeni wa-
thi kuyise: "Ungawabulala wo-
mabili amadodana ami uma

---

**42:21** *Noma, "usizi lomphefumulo wakhe." **42:25** *Noma, "izikhwama."

ISAHL. 42
*a* Gen 45:21, 23
*b* Gen 37:18, 28; Gen 50:17; IzE 7:9
*c* Gen 37:21
*d* Gen 9:5
*e* Gen 43:30
*f* Gen 42:19
*g* Gen 43:23

Uhla 2
*a* Gen 42:7, 9
*b* Gen 42:11
*c* Gen 42:13
*d* Gen 37:28, 35
*e* Gen 35:18, 19; Gen 42:4
*f* Gen 42:19
*g* Gen 42:2
*h* Gen 43:14
*i* Gen 37:28, 35
*j* Gen 42:24

ngingambuyisi kuwe.[a] Ngini-
ke yena, ngizombuyisa kuwe.”[b]
**38** UJakobe wathi: “Indodana
yami ngeke yehle nani, ngo-
ba umfowabo ufile futhi isisele
yodwa.[c] Uma ingehlelwa ingozi
ife endleleni enizoyihamba, na-
kanjani niyokwehlisela izinwe-
le zami ezimpunga eThuneni*[d]
ngosizi.”[e]

**43** Indlala yayinkulu kakhu-
lu ezweni.[f] **2** Lapho se-
bekudle bakuqeda ukudla oku-
sanhlamvu ababekulande eGi-
bhithe,[g] uyise wathi kubo: “Bu-
yelani niyosithengela ukudla.”
**3** UJuda wathi kuye: “Lowaya
muntu wasixwayisa ngokucaci-
le, wathi, ‘Akumele niphinde
nibone ubuso bami ngapha-
ndle kokuba nize nomfowenu.’[h]
**4** Uma umthuma kanye na-
thi umfowethu, sizokwehla si-
yokuthengela ukudla. **5** Ko-
dwa uma ungamthumi, nge-
ke sehle, ngoba lowaya mu-
ntu wathi kithi, ‘Akumele ni-
phinde nibone ubuso bami nga-
phandle kokuba nize nomfowe-
nu.’”[i] **6** U-Israyeli[j] wababuza:
“Kungani ningilethele le nki-
nga ngokutshela lowo muntu
ukuthi ninomunye umfowe-
nu?” **7** Baphendula: “Lo mu-
ntu wabuza ngokuqondile nga-
thi nezihlobo zethu, wathi,
‘Uyihlo usaphila? Ninaye omu-
nye umfowenu?’ sabe sesim-
tshela la maqiniso.[k] Sasizokwa-
zi kanjani ukuthi wayezothi,
‘Yehlisani umfowenu’?”[l]

**8** UJuda wancenga u-Israye-
li uyise: “Vuma ukuba umfa-
na ahambe nami,[m] masihambe
ukuze siphile singafi[n]—thina,
nawe nabantwana bethu.[o]
**9** Yimi engizoqinisekisa ukuthi
uphephile.*[a] Uma ehlelwa oku-
thile ungajezisa mina. Uma
ngihluleka ukumbuyisa kuwe
ngimnike wena, ngiyobe ngo-
ne phakade kuwe. **10** Kodwa
ukube asilibalanga ngabe se-
sihambe sabuya kwaze kwaba
kabili.”

**11** Ngakho u-Israyeli uyise
wathi kubo: “Uma kumele kube
njalo, yenzani lokhu: Thatha-
ni imikhiqizo yezwe emihle ku-
nayo yonke niyifake emasa-
keni* nehle nayo ibe isipho[b] ku-
lowo muntu: ibhalsamu elinca-
ne,[c] uju oluncane, ilabhidanu,
amagxolo anenomfi,[d] amakina-
ti ephistakhiyo nama-alimondi.
**12** Thathani imali ephindwe
kabili; nithathe nemali eyabuyi-
swa isemasakeni enu niyibuyi-
sele.[e] Mhlawumbe kwaba yi-
phutha. **13** Thathani umfo-
wenu nihambe, nibuyele
kulowo muntu. **14** Kwanga-
thi uNkulunkulu uMninima-
ndla Onke angenza lo mu-
ntu anizwele, ukuze anikhulu-
lele umfowenu kanye noBhe-
njamini. Kodwa mina, uma ku-
mele ngilahlekelwe abantwana,
kulungile ngiyolahlekelwa!”[f]

**15** Ngakho la madoda asi-
thatha lesi sipho, athatha imali
ephindwe kabili kanye noBhe-
njamini. Asuka ehlela eGibhi-
the aphinde ama phambi ku-
kaJosefa.[g] **16** Lapho uJose-
fa ebona uBhenjamini eka-
nye nawo, ngaso leso sikhathi
wathi endodeni eyayiphethe
indlu yakhe: “Thatha la mado-
da uwayise endlini uhlabe izi-
lwane ulungise ukudla, ngoba
la madoda azodla nami emini.”
**17** Ngokushesha leyo ndoda
yenza njengoba nje uJosefa
ayeshilo,[h] yawathatha yawayisa

---

**42:38** *Noma, “eShiyoli,” okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**43:9** *Noma, “engizoba isibambiso sakhe.” **43:11** *Noma, “ezikhwameni.”

---

ISAHL. 42
a Gen 37:22; Gen 46:9
b Gen 43:8, 9; Gen 44:32
c Gen 37:31-34; Gen 44:20
d Hu 89:48; Shu 9:10; Hos 13:14; IzE 2:27; IsA 20:13
e Gen 37:34, 35; Gen 44:29

ISAHL. 43
f Gen 41:30; IzE 7:11
g Gen 42:1, 2
h Gen 42:15
i Gen 42:15
j Gen 32:28
k Gen 42:13
l Gen 42:16
m Gen 37:26; Gen 42:38
n Gen 42:1, 2
o IzE 7:14

Uhla 2
a Gen 44:32
b Gen 32:20
c Jer 8:22; Hez 27:17
d Gen 37:25
e Gen 42:25, 35
f Gen 42:36
g Gen 37:7, 9
h Gen 41:39, 40

endlini kaJosefa. **18** Kodwa
la madoda esaba lapho eyi-
swa endlini kaJosefa, aqala
ukuthi: “Basilethe lapha nge-
nxa yemali eyabuyiselwa ema-
sakeni ethu ngesikhathi esidlu-
le. Manje bazosihlasela base-
nze izigqila bathathe nezimbo-
ngolo zethu!”[a]

**19** Ngakho asondela kule
ndoda eyayiphethe indlu kaJo-
sefa akhuluma nayo emnyango
wendlu. **20** Athi: “Uxolo, nko-
si yami! Seza lapha okokuqa-
la sizothenga ukudla.[b] **21** Ko-
dwa lapho sifika endaweni esa-
lala kuyo sivula amasaka ethu,
kwakukhona imali yomuntu
ngamunye esakeni lakhe, ima-
li yethu iphelele.[c] Ngakho singa-
thanda ukuyibuyisa. **22** Si-
phethe nenye imali yokuthe-
nga ukudla. Asazi ukuthi ubani
owafaka imali yethu emasake-
ni ethu.”[d] **23** Yona yathi: “Ku-
lungile. Ningesabi. UNkulunku-
lu wenu noNkulunkulu kayihlo
wafaka ingcebo emasakeni enu.
Imali yenu yafika kimi.” Ngemva
kwalokho wabakhiphela uSime-
yoni.[e]

**24** Lo muntu wawangenisa
endlini kaJosefa la madoda,
wawanika amanzi ukuze ageze
izinyawo, wanika nezimbongo-
lo zawo ifolishi. **25** Abe
eselungisa isipho[f] esilungise-
la ukufika kukaJosefa emini,
ngoba ayezwile ukuthi ayezo-
dlela lapho.[g] **26** Lapho uJo-
sefa engena endlini, amle-
thela isipho sawo endlini,
akhothama phansi emhlabathi-
ni.[h] **27** Ngemva kwalokho wa-
buza ngenhlalakahle yawo wa-
thi: “Unjani uyihlo osemdala
enakhuluma ngaye? Usaphi-
la?”[i] **28** Athi: “Usaphila ubaba
inceku yakho.” Khona-ke aguqa
ayesekhothama.[j]

**29** Lapho uJosefa ephaka-
misa amehlo ebona uBhenjami-
ni umfowabo, indodana kani-
na,[a] wathi: “Ingabe lo umfowe-
nu omncane kunani nonke ena-
khuluma ngaye kimi?”[b] Waye-
senezela: “Kwangathi uNkulu-
nkulu angakubonisa umusa wa-
khe, ndodana yami.” **30** UJo-
sefa waphuma ngokushesha
ngoba wayengasakwazi ukuzi-
bamba ngenxa yomfowabo, wa-
funa indawo ayezokhalela
kuyo. Ngakho wangena ekame-
lweni ukuze abe yedwa wakha-
la izinyembezi.[c] **31** Ngemva
kwalokho wageza ubuso wa-
phuma, manje wayesezibambi-
le, wayesethi: “Lethani uku-
dla.” **32** Bamlethela yedwa,
nabafowabo bababekela bo-
dwa, namaGibhithe ayenaye
adla wodwa, ngenxa yokuthi
amaGibhithe ayengakwazi uku-
dla namaHebheru, ngoba lokho
kwakuyinto enyanyekayo ku-
maGibhithe.[d]

**33** Izelamani zazihlezi pha-
mbi kwakhe, oyizibulo ngo-
kwelungelo lakhe lobuzibu-
lo[e] kuye komncane kunabo bo-
nke, zazilokhu zibukana zima-
ngele. **34** Wayelokhu ethume-
la ukudla kusuka etafuleni la-
khe kuya kwelazo, kodwa uku-
dla kukaBhenjamini wayelokhu
ekwandisa ngokuphindwe ka-
hlanu kunokwazo zonke ezi-
nye.[f] Ngakho zaqhubeka zidla
lelo dili, ziphuza kanye naye
zaze zasutha.

**44** Kamuva wayala indoda
eyayiphethe indlu ya-
khe, wathi: “Gcwalisa ama-
saka ala madoda ngokudla oku-
ningi azokwazi ukukuthwa-
la, bese ufaka imali yendo-
da ngayinye esakeni layo.[g]
**2** Kodwa kumele ufake inko-
mishi yami, inkomishi yesiliva,
esakeni lomncane kanye nema-

ISAHL. 43
a Gen 42:25, 35
b Gen 42:3
c Gen 42:27
d Gen 43:12
e Gen 42:23, 24
f Gen 43:11
g Gen 43:16
h Gen 37:7, 9; Gen 42:6
i Gen 43:7
j Gen 37:7, 9

Uhla 2
a Gen 35:24
b Gen 42:13
c Gen 42:23, 24
d Gen 46:33, 34; Eks 8:26
e Gen 49:3; Dut 21:17
f Gen 45:22

ISAHL. 44
g Gen 42:25

li yokudla kwakhe okusanhlamvu." Ngakho yenza njengoba uJosefa ayeyiyalile.

**3** Ekuseni lapho sekukhanya, la madoda ahanjiswa nezimbongolo zawo. **4** Ayengakabi kude nedolobha lapho uJosefa ethi kule ndoda eyayiphethe indlu yakhe: "Suka! Jaha la madoda! Lapho uwafica, uthi kuwo, 'Kungani nibuyisele okuhle ngokubi? **5** Akuyona yini le into inkosi yami ephuza ngayo nefunda ngayo amabika ngobuchwepheshe? Nenze into embi.'"

**6** Yawafica yakhuluma la mazwi kuwo. **7** Kodwa wona athi kuyo: "Kungani inkosi yethu ikhuluma into enjalo? Bezingenakulokotha nje izinceku zakho zenze into enjengale. **8** Ingani imali esayithola emasakeni ethu siyibuyisele kuwe sivela ezweni laseKhanani.[a] Besingaleba kanjanike isiliva noma igolide endlini yenkosi yakho? **9** Uma itholakala komunye wezigqila zakho, makafe, thina sonke abanye sizoba izigqila zenkosi yakho."* **10** Ngakho yathi: "Makube njengokusho kwenu: Lowo ezotholakala kuye uzoba isigqila sami, kodwa nonke nina abanye nizoba msulwa." **11** Indoda ngayinye yabe seyehlisa masinyane isaka layo, yalivula. **12** Indoda eyayiphethe indlu kaJosefa yacinga ngokucophelela, yaqala ngomdala yagcina ngomncane. Ekugcineni inkomishi yatholakala esakeni likaBhenjamini.[b]

**13** Ngemva kwalokho aklebhula izingubo zawo, indoda ngayinye yaqukula umthwalo wayo yawubuyisela embongolweni yayo, abuyela edolobheni. **14** Lapho uJuda[a] nabafowabo bengena endlini kaJosefa, wayeselapho; babe sebewela phansi phambi kwakhe.[b] **15** UJosefa wathi kubo: "Yini le eniyenzile? Beningazi yini ukuthi umuntu onjengami angakwazi ukufunda amabika ngobuchwepheshe?"[c] **16** UJuda waphendula: "Singathini enkosini yami? Singakhuluma sithini? Singakubonisa kanjani ukuthi silungile? UNkulunkulu weqiniso usitholile isono sezigqila zakho.[d] Manje sesiyizigqila zenkosi yami, thina nalowo inkomishi etholakale kuye!" **17** Nokho, wathi: "Anginakulokotha ngenze lokhu! Umuntu etholakale kuye inkomishi nguye ozoba isigqila sami.[e] Nonke nina abanye, khuphukelani kuyihlo ngokuthula."

**18** UJuda wasondela kuye wathi: "Ngiyakuncenga, nkosi yami, ngicela uvumele inceku yakho ukuba ikhulume nenkosi yayo, ungasithukutheleli isigqila sakho ngoba wena uyafana noFaro.[f] **19** Inkosi yami yabuza izigqila zayo, yathi, 'Ninaye uyihlo noma umfowenu?' **20** Sathi enkosini yami, 'Sinaye ubaba osemdala nomntwana amzala esemdala, omncane kunathi sonke.[g] Kodwa umfowabo wafa,[h] ngakho kusele yena yedwa kunina,[i] futhi uyise uyamthanda.' **21** Ngemva kwalokho wathi ezigqileni zakho, 'Mehliseleni lapha kimi ukuze ngimbone.'[j] **22** Kodwa sathi enkosini yami, 'Umfana akakwazi ukushiya uyise. Uma emshiya, uyise angafa nakanjani.'[k] **23** Wabe usuthi ezigqileni zakho, 'Ngaphandle kokuba umfowenu omncane ehle kanye nani, ngeke niphinde nibubone ubuso bami.'[l]

**44:9** *NgesiHebheru, "zenkosi yami."

ISAHL. 44
a Gen 43:12
b Gen 44:2

Uhla 2
a Gen 43:8; Gen 44:32
b Gen 37:7, 9
c Gen 44:5
d Gen 37:18, 28; Gen 42:21, 22
e Gen 44:9
f Gen 41:44; Gen 45:8
g Gen 42:13; Gen 43:7
h Gen 37:31-34
i Gen 35:18, 19
j Gen 42:15; Gen 43:29
k Gen 42:38
l Gen 42:20

**24** “Ngakho sakhuphukela
encekwini yakho ubaba sam-
tshela amazwi enkosi yami.
**25** Kamuva ubaba wathi, ‘Bu-
yelani nisithengele ukudla.’[a]
**26** Kodwa sathi, ‘Asikwazi
ukwehla. Uma umfowethu om-
ncane ekanye nathi sizokwe-
hla, ngoba ngeke sibubone
ubuso balowaya muntu uma
umfowethu omncane enge-
kho.’[b] **27** Inceku yakho, uba-
ba, yabe isithi kithi, ‘Nazi ka-
hle ukuthi umkami wangizale-
la amadodana amabili kuphe-
la.[c] **28** Kodwa eyodwa yawo
yangishiya ngase ngithi: “Ku-
mele ukuba nakanjani isiyizicu-
cu!”[d] futhi angizange ngiyibo-
ne kuze kube manje. **29** Uma
ningathatha nale niyisuse eme-
hlweni ami bese yehlelwa ingo-
zi ife, nakanjani niyokwehlisela
izinwele zami ezimpunga eThu-
neni*[e] ngosizi.’[f]

**30** “Manje, uma ngibuyela
encekwini yakho, ubaba, um-
fana engekho kanye na-
thi, njengoba ukuphila kwa-
khe kuncike ekuphileni komfa-
na, **31** kuzothi lapho nje ebo-
na ukuthi umfana akekho, ave-
le afe, izigqila zakho ngempe-
la ziyokwehlisela izinwele ze-
nceku yakho, ubaba, eThu-
neni* ngosizi. **32** Isigqila sa-
kho saqinisekisa ubaba ngo-
mfana, sathi, ‘Uma ngihlule-
ka ukumbuyisela kuwe, ngi-
zobe ngone phakade kubaba.’[g]
**33** Ngakho manje, ngicela uvu-
mele isigqila sakho sisale esi-
khundleni somfana sibe isigqi-
la senkosi yami, ukuze umfa-
na abuyele emuva nabafowabo.
**34** Ngingabuyela kanjani kuba-
ba umfana engekho? Ngeke
ngikwazi ukubukela lapho uba-
ba ehlelwa yilolu sizi!”

**45** UJosefa wayengasakwa-
zi ukuzibamba phambi
kwazo zonke izinceku zakhe.[a]
Ngakho wamemeza: “Wonke
umuntu makaphume!” Akekho
owasala naye lapho uJosefa
ezazisa kubafowabo.[b]

**2** Wabe esekhala kakhulu
kangangokuthi amaGibhithe
ezwa, nendlu kaFaro yezwa.
**3** Ekugcineni uJosefa wathi
kubafowabo: “NginguJosefa.
Ingabe ubaba usaphila?” Ko-
dwa abafowabo babengakwa-
zi nhlobo ukumphendula ngo-
ba babemangele kakhulu nge-
nxa yakhe. **4** Ngakho uJosefa
wathi kubafowabo: “Ngicela ni-
sondele kimi.” Base besondela.

Wabe esethi: “NginguJosefa
umfowenu enamthengisa eGi-
bhithe.[c] **5** Kodwa manje ni-
ngaphatheki kabi, ningasola-
ni ngokuthi nangithengisa la-
pha; ngoba uNkulunkulu ungi-
thume ngaphambi kwenu uku-
ze asigcine siphila.[d] **6** Lona
unyaka wesibili wendlala ezwe-
ni,[e] kusasele iminyaka emi-
hlanu okungeke kulinywe no-
ma kuvunwe ngayo. **7** Ko-
dwa uNkulunkulu wangithu-
mela ngaphambi kwenu uku-
ze alondoloze uhlu lozalo[f] lom-
ndeni wenu emhlabeni* noku-
ba anigcine niphila ngokukhu-
lulwa okukhulu. **8** Ngakho-ke
akunina enangithumela lapha,
kodwa uNkulunkulu weqiniso,
ukuze angimise njengomelule-
ki kaFaro* nomphathi wayo yo-
nke indlu yakhe nombusi walo
lonke izwe laseGibhithe.[g]

**9** “Buyelani masinyane ku-
baba, nithi kuye, ‘Nakhu indo-
dana yakho uJosefa ekushilo:
“UNkulunkulu ungimise ukuba
ngibe umbusi kulo lonke elase-

**44:29, 31** *Noma, “eShiyoli,” okuwuku-
thi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu
Lwezincazelo Zamagama.

**45:7** *Noma, “ezweni.” **45:8** *Ngesi-
Hebheru, “njengobaba kuFaro.”

ISAHL. 44
*a* Gen 43:2
*b* Gen 43:5
*c* Gen 29:18
Gen 30:22-24
Gen 35:18, 19
Gen 46:19
*d* Gen 37:33
*e* Hu 16:10
Shu 9:10
Hos 13:14
IzE 2:27
IsA 20:13
*f* Gen 37:34, 35
Gen 42:38
Hu 88:3
*g* Gen 43:9

Uhla 2

ISAHL. 45
*a* Gen 43:30
*b* IzE 7:13
*c* Gen 37:28
IzE 7:9
*d* Gen 47:23, 25
Gen 50:20
Hu 105:17
*e* Gen 41:30
Gen 47:18
*f* Gen 46:26
*g* Hu 105:21
IzE 7:9, 10

Gibhithe.[a] Yehlela kimi. Ungali-
bali.[b] **10** Kumele uhlale ezwe-
ni laseGosheni,[c] lapho uzoba
seduze kwami khona—wena,
amadodana akho, abazukulu
bakho, imihlambi yakho na-
kho konke onakho. **11** Ngi-
zokunika ukudla lapho ngo-
ba kusasele iminyaka emihla-
nu yendlala.[d] Uma kungenjalo,
wena nendlu yakho nakho ko-
nke onakho nizohlupheka.”’
**12** Nina nomfowethu uBhenja-
mini niyazibonela ukuthi yimi-
na ngempela okhuluma nani.[e]
**13** Ngakho kumele nitshele
ubaba ngayo yonke inkazimu-
lo yami eGibhithe nangakho
konke enikubonile. Manje she-
shani nehlisele ubaba lapha.”

**14** Khona-ke wanga umfo-
wabo* uBhenjamini wakhala,
noBhenjamini wakhala emgaxe
entanyeni.[f] **15** Wabe esebaqa-
bula bonke abafowabo wakha-
la ngesikhathi ebanga, ngemva
kwalokho abafowabo bakhulu-
ma naye.

**16** Lezi zindaba zafika endli-
ni kaFaro, kuthiwa: “Kufike
abafowabo bakaJosefa!” Kwa-
ba kuhle kuFaro nasezincekwi-
ni zakhe. **17** Ngakho uFaro
wathi kuJosefa: “Wothi kuba-
fowenu, ‘Yenzani lokhu: Thwe-
sani izilwane zenu niye ezweni
laseKhanani, **18** nithathe uyi-
hlo namalungu emindeni
yenu nize lapha kimi. Ngi-
zoninika izinto ezinhle ze-
zwe laseGibhithe, nizodla oku-
vela* engxenyeni enothile# ye-
zwe.’[g] **19** Wena uyalwa ukuba
ubatshele lokhu:[h] ‘Yenzani lo-
khu: Thathani izinqola[i] ezwe-
ni laseGibhithe nithathele aba-
ntwana benu nomkenu, nigi-
belise uyihlo kwenye yazo
nize lapha.[a] **20** Ningakhatha-
zeki ngempahla yenu,[b] ngo-
ba okuhle kakhulu kwalo lo-
nke izwe laseGibhithe kungo-
kwenu.’”

**21** Amadodana ka-Israyeli
enza kanjalo, uJosefa wawani-
ka izinqola ngokwemiyalo ka-
Faro, wawanika nemiphako ye-
ndlela. **22** Wanika ngayinye
ingubo yokushintsha, kodwa
uBhenjamini wamnika izinhla-
mvu zesiliva ezingu-300 nezi-
ngubo zokushintsha ezinhla-
nu.[c] **23** Uyise wamthumele-
la lokhu okulandelayo: izimbo-
ngolo eziyishumi ezithwele izi-
nto ezinhle zaseGibhithe ne-
zimbongolo zensikazi eziyishu-
mi ezithwele ukudla okusa-
nhlamvu nesinkwa nokokuse-
kela uyise endleleni. **24** Wa-
bahambisa abafowabo, njengo-
ba besuka, wathi kubo: “Ninga-
thukuthelelani endleleni.”[d]

**25** Bakhuphuka besuka eGi-
bhithe bafika ezweni laseKha-
nani kuyise uJakobe. **26** Ba-
mbikela, bathi: “UJosefa usa-
phila, ungumbusi walo lonke
izwe laseGibhithe!”[e] Kodwa
inhliziyo yakhe yaba ndikindi-
ki ngoba wayengabakholwa.[f]
**27** Lapho beqhubeka bem-
tshela wonke amazwi uJose-
fa ayewakhulume kubo, ebona
nezinqola uJosefa ayezithume-
le ukuba zimthwale, umoya ka-
yise uJakobe waqala ukuvuse-
leleka. **28** U-Israyeli wababa-
za: “Kwanele! Indodana yami
uJosefa isaphila! Kumele ngi-
hambe ngiyombona ngaphambi
kokuba ngife!”[g]

**46** Ngakho u-Israyeli watha-
tha konke ayenakho* wa-
hamba. Lapho efika eBheri-
sheba,[h] wanikela imihlatshelo
kuNkulunkulu kayise u-Isaka.[i]

ISAHL. 45
a Gen 45:26
b IzE 7:14
c Gen 46:33, 34; Gen 47:1; Eks 8:22; Eks 9:26
d Gen 47:12
e Gen 42:23
f Gen 46:29
g Gen 47:6
h Gen 41:39, 40
i Gen 45:27; Gen 46:5

Uhla 2
a Gen 47:9
b Gen 46:6
c Gen 43:34
d Gen 42:21, 22
e Hu 105:21
f Gen 42:38; Gen 44:27, 28
g Gen 46:30

ISAHL. 46
h Gen 21:31
i Gen 31:42; Eks 3:6

**45:14** *NgesiHebheru, “wawela entanyeni yomfowabo.” **45:18** *Noma, “nizophila ngokuvela.” #Noma, “enonile.”

**46:1** *Noma, “bonke ababengabakhe.”

2 Ngemva kwalokho uNkulu-
nkulu wakhuluma no-Israye-
li embonweni ebusuku wathi:
“Jakobe, Jakobe!” yena wathi:
“Ngilapha!” 3 Wathi: “Ngingu-
Nkulunkulu weqiniso, uNkulu-
nkulu kayihlo.[a] Ungesabi
ukwehlela eGibhithe, ngoba la-
pho ngizokwenza ube isizwe
esikhulu.[b] 4 Mina ngokwami
ngizokwehlela nawe eGibhithe
ngiphinde ngikubuyise,[c] uJo-
sefa uyokuvala amehlo lapho
ufa.”*[d]

5 Ngemva kwalokho uJako-
be wasuka eBheri-sheba,
amadodana ka-Israyeli athu-
tha uJakobe uyise nabantwa-
na bawo nomkawo ngezinqola
uFaro ayezithumele ukuba zim-
thuthe. 6 Bathatha imihlambi
yabo nezimpahla zabo, aba-
bekuqongelele ezweni laseKha-
nani. Bafika eGibhithe, uJa-
kobe nayo yonke inzalo yakhe
eyayikanye naye. 7 Waya eGi-
bhithe namadodana akhe na-
bazukulu bakhe namadodakazi
akhe—yonke inzalo yakhe.

8 Lawa amagama amadoda-
na ka-Israyeli[e]—uJakobe nama-
dodana akhe—aya eGibhithe:
Izibulo likaJakobe kwakungu-
Rubeni.[f]

9 Amadodana kaRubeni
kwakunguHanoki, uPhalu,
uHezironi noKarmi.[g]

10 Amadodana kaSimeyo-
ni[h] kwakunguJemuweli, uJa-
mini, u-Ohadi, uJakini, uZo-
hari noShawule[i] indodana yo-
wesifazane ongumKhanani.

11 Amadodana kaLevi[j]
kwakunguGereshoni, uKohati
noMerari.[k]

12 Amadodana kaJuda[l]
kwakungu-Eri, u-Onani, uShe-
la,[a] uPherezi[b] noZera.[c] Nokho,
u-Eri no-Onani bafela ezweni
laseKhanani.[d]

Amadodana kaPherezi kwa-
ba uHezironi noHamule.[e]

13 Amadodana ka-Isaka-
re kwakunguThola, uPhuva,
u-Iyobhi noShimroni.[f]

14 Amadodana kaZebhu-
loni[g] kwakunguSeredi, u-Elo-
ni noJahaliyeli.[h]

15 Lawa amadodana kaLe-
ya, awazalela uJakobe ePhada-
ni-aramu, kanye nendodakazi
yakhe uDina.[i] Esewonke ama-
dodana namadodakazi kaJako-
be ayengu-33.

16 Amadodana kaGadi[j]
kwakunguZifiyoni, uHagi,
uShuni, u-Eziboni, u-Erayi,
u-Arodi no-Areli.[k]

17 Amadodana ka-Ashe-
ri[l] kwakungu-Imna, u-Ishiva,
u-Ishivi, uBheriya, udadewa-
bo kwakunguSera.

Amadodana kaBheriya kwa-
kunguHebhere noMalikhiyeli.[m]

18 Lawa amadodana kaZili-
pha,[n] lowo uLabani amnika
indodakazi yakhe uLeya. Wa-
mzalela laba uJakobe: Izingane
ezingu-16* sezizonke.

19 Amadodana omkaJako-
be uRaheli kwakunguJosefa[o]
noBhenjamini.[p]

20 Ezweni laseGibhithe
uJosefa wazalelwa uManase[q]
no-Efrayimi,[r] ezalelwa u-Ase-
nati[s] indodakazi kaPotifera
umpristi wase-Oni.*

21 Amadodana kaBhenja-
mini[t] kwakunguBhela, uBhe-
keri, u-Ashibheli, uGera,[u]
uNahamani, u-Ehi, uRoshe,
uMuphimi, uHuphimi[v] no-
Arida.[w]

46:4 *NgesiHebheru, “uyobeka isandla sakhe emehlweni akho.”

46:18 *Noma, “Imiphefumulo engu-16.”
46:20 *Okuwukuthi, waseHeliyopholisi.

ISAHL. 46
a Gen 28:13
b Gen 12:1, 2; Eks 1:7; Dut 26:5
c Gen 15:16; Gen 28:15; Gen 47:29, 30; Gen 50:13
d Gen 50:1
e Eks 1:1-4
f Gen 35:23; 1Kr 5:1
g Num 26:5, 6
h Gen 29:33
i Num 26:12, 13; 1Kr 4:24
j Gen 29:34
k 1Kr 6:16
l Gen 29:35; IsA 5:5

Uhla 2
a Gen 38:2-5
b Luk 3:23, 33
c Gen 38:30
d Gen 38:7, 9, 10
e Num 26:21; 1Kr 2:5
f Num 26:23, 24; 1Kr 7:1
g Gen 30:20
h Num 26:26
i Gen 30:21
j Gen 30:11
k Num 26:15-17
l Gen 30:13
m Num 26:44, 45
n Gen 29:24
o Gen 30:24
p Gen 35:18
q Gen 41:51
r Gen 41:52
s Gen 41:50
t 1Kr 7:6
u 1Kr 8:1, 3
v 1Kr 7:12
w Num 26:38-40

**22** Lawa amadodana kaRa-
heli awazalela uJakobe: Izinga-
ne ezingu-14* sezizonke.
**23** Indodana* kaDani[a] kwa-
kunguHushimi.[b]
**24** Amadodana kaNafetali[c]
kwakunguJahaziyeli, uGuni,
uJezeri noShilemi.[d]
**25** Lawa amadodana kaBhi-
liha, lowo uLabani amnika
indodakazi yakhe uRaheli. Wa-
mzalela laba uJakobe: Izinga-
ne* eziyisikhombisa sezizonke.
**26** Bonke labo abayinzalo
kaJakobe abaya naye eGibhi-
the, ngaphandle kwabafazi ba-
madodana akhe, babengu-66.[e]
**27** Amadodana kaJosefa aza-
lelwa wona eGibhithe aye-
mabili. Bonke abantu be-
ndlu kaJakobe abaya eGibhi-
the babengu-70.[f]

**28** UJakobe wathumela uJu-
da[g] ngaphambili ukuba ayotshe-
la uJosefa ukuthi usendlele-
ni eya eGosheni. Lapho befika
ezweni laseGosheni,[h] **29** uJo-
sefa wathumela ukuba kulungi-
swe inqola yakhe wayesekhu-
phuka eyohlangabeza u-Israye-
li uyise eGosheni. Lapho efika
kuye wamanga* ngaso leso si-
khathi wakhala isikhathi esithi-
le.# **30** U-Israyeli wathi kuJo-
sefa: "Manje sengingafa; sengi-
bubonile ubuso bakho, sengiya-
zi ukuthi uyaphila."
**31** UJosefa wabe esethi ku-
bafowabo nakwabomndeni kayi-
se: "Mangikhuphuke ngiyobika
kuFaro[i] ngithi kuye, 'Abafowe-
thu nabantu bomndeni kababa
ababesezweni laseKhanani se-
befikile lapha kimi.[a] **32** La ma-
doda angabelusi,[b] afuyile[c] fu-
thi imihlambi yawo nakho ko-
nke anakho eze nako lapha.'[d]
**33** Lapho uFaro enibiza, eni-
buza ethi, 'Uyini umsebenzi
wenu?' **34** nina kumele nithi,
'Izinceku zakho bezilokhu zi-
fuyile kusukela ebusheni bazo
kuze kube manje, kokubili thi-
na nokhokho bethu,'[e] ukuze ni-
hlale ezweni laseGosheni,[f] ngo-
ba bonke abelusi bezimvu baye-
nyanyeka kumaGibhithe."[g]

**47** UJosefa wahamba wayo-
bika kuFaro wathi:[h] "Uba-
ba nabafowethu nemihlambi
yabo nakho konke abanakho
bafikile bevela ezweni laseKha-
nani, basezweni laseGosheni."[i]
**2** Wathatha abahlanu kubafo-
wabo wabethula kuFaro.[j]
**3** UFaro wathi kubafowabo:
"Nenza msebenzi muni?" Bam-
phendula: "Izinceku zakho zi-
ngabelusi bezimvu, thina no-
khokho bethu."[k] **4** Base bethi
kuFaro: "Sizohlala njengezifi-
ki ezweni,[l] ngoba awekho ama-
dlelo omhlambi wezinceku za-
kho, ngoba indlala inkulu ka-
khulu ezweni laseKhanani.[m] Si-
cela uvumele izinceku zakho
zihlale ezweni laseGosheni."[n]
**5** Khona-ke uFaro wathi kuJo-
sefa: "Uyihlo nabafowenu beze
kuwe lapha. **6** Izwe laseGibhi-
the liphethwe nguwe. Hlalisa
uyihlo nabafowenu engxenye-
ni yezwe enhle kakhulu.[o] Maba-
hlale ezweni laseGosheni, uma
kukhona amadoda anekhono
owaziyo phakathi kwabo, wa-
mise ukuba aphathe imfuyo
yami."
**7** UJosefa wabe esengenisa
uJakobe uyise wamethula ku-
Faro, uJakobe wayesembusisa
uFaro. **8** UFaro wabuza uJa-
kobe: "Uneminyaka emingaki?"

**46:22** *Noma, "Imiphefumulo engu-14." **46:23** *NgesiHebheru, "Amadodana." **46:25** *Noma, "Imiphefumulo." **46:29** *NgesiHebheru, "wawela entanyeni yakhe." #Noma, "wakhala izinyembezi entanyeni yakhe ngokuphindaphindiwe."

ISAHL. 46
a Gen 30:6
b Num 26:42
c Gen 30:8
d Num 26:48, 49
e Gen 35:10, 11
f Eks 1:5; Dut 10:22; IzE 7:14
g Gen 43:8; Gen 44:18
h Gen 45:10; Gen 47:1
i Gen 41:39, 40

Uhla 2
a Gen 45:19; IzE 7:13
b Gen 31:17, 18; Gen 47:3
c Gen 31:38
d Gen 46:6
e Gen 30:35, 36
f Gen 45:17, 18; Gen 47:27
g Gen 43:32

ISAHL. 47
h Gen 46:31
i Gen 45:10; Eks 8:22
j IzE 7:13
k Gen 12:16; Gen 26:12, 14; Gen 31:17, 18; Gen 46:33, 34
l Gen 15:13; Dut 26:5; Hu 105:23; IzE 7:6
m IzE 7:11
n Gen 45:10
o Gen 45:17, 18

**9** UJakobe wathi kuFaro: "Imi-
nyaka yokuzulazula* kwami
ingu-130. Iminyaka yokuphila
kwami ibe mbalwa,[a] yaba eci-
ndezelayo, ibingemide njenge-
minyaka yokuphila kokhokho
bami ekuzulazuleni# kwabo."[b]
**10** Ngemva kwalokho uJakobe
wambusisa uFaro wayesephu-
ma phambi kwakhe.

**11** Ngakho uJosefa wahlali-
sa uyise nabafowabo ezweni la-
seGibhithe, wabanika ifa ezwe-
ni elihle kakhulu, ezweni lase-
Ramesesi,[c] njengoba nje uFaro
ayeyalile. **12** UJosefa waqhu-
beka ebanika ukudla* uyise na-
bafowabo nabo bonke abom-
ndeni kayise, ngokwesibalo se-
zingane zabo.

**13** Manje kwakungekho ku-
dla* kulo lonke izwe, ngoba
indlala yayinkulu kakhulu, aba-
ntu baseGibhithe nabaseKha-
nani baphelelwa amandla nge-
nxa yendlala.[d] **14** UJosefa
wayeqoqa yonke imali yoku-
dla okusanhlamvu abantu
ababekuthenga[e] eyayitholakala
ezweni laseGibhithe nasezwe-
ni laseKhanani, uJosefa waye-
lokhu eletha le mali endli-
ni kaFaro. **15** Ngemva kwesi-
khathi yaphela imali ezweni la-
seGibhithe nasezweni laseKha-
nani, wonke amaGibhithe eza
kuJosefa, athi: "Sinike uku-
dla! Kungani kufanele sife pha-
mbi kwakho ngoba imali yethu
isiphelile?" **16** UJosefa wathi:
"Uma imali yenu isiphelile, le-
thani imfuyo yenu, ngizoninika
ukudla nina ninginike imfuyo."
**17** Ngakho aletha imfuyo yawo
kuJosefa, yena wayelokhu ewa-
nika ukudla wona emnika ama-
hhashi awo, imfuyo yezimvu
nezimbuzi nezimbongolo, wa-
yelokhu ewanika ukudla wona
emnika yonke imfuyo yawo
phakathi nalowo nyaka.

**18** Lapho lowo nyaka uphe-
la, eza kuye ngonyaka ola-
ndelayo ethi kuye: "Ngeke si-
yifihlele inkosi yethu uku-
thi imali nemfuyo sekunikwe
yona. Akusenalutho esingalu-
nikeza inkosi yethu ngapha-
ndle kwemizimba yethu ne-
zwe lethu. **19** Kungani kufa-
nele sife phambi kwakho, thi-
na nezwe lethu? Sithenge ngo-
kudla thina nezwe lethu, si-
zoba izigqila zikaFaro izwe le-
thu libe elakhe. Sinike imbe-
wu ukuze siphile singafi, ne-
zwe lethu lingasali lingenalu-
tho." **20** UJosefa wabe ese-
lithengela uFaro lonke izwe
lamaGibhithe, ngoba wonke
amaGibhithe athengisa indawo
yawo, ngoba indlala yayinku-
lu kakhulu; izwe laba elika-
Faro.

**21** Wayala bonke abantu ba-
seGibhithe—kuzo zonke izi-
ndawo zalo—ukuba bathuthele
emadolobheni.[a] **22** Yizwe la-
bapristi kuphela angazange ali-
thenge,[b] ngoba ukudla kwa-
bapristi kwakuvela kuFaro fu-
thi babephila ngokudla aba-
bekunikezwa uFaro. Yingakho
bengalithengisanga izwe labo.
**23** Khona-ke uJosefa wathi
kubantu: "Bhekani, namhla-
nje nginithengele uFaro nina
nezwe lenu. Nansi imbe-
wu, kumele niyitshale ezwe-
ni. **24** Lapho ikhiqiza, kume-
le ninike uFaro ingxenye yesi-
hlanu,[c] kodwa izingxenye ezi-
ne kuzoba ezenu zibe imbewu
yensimu nokudla kwenu no-
kwalabo abasezindlini zenu no-
kwezingane zenu ukuba zidle."

---

**47:9** *Noma, "yokugogobala; yokuhlala njengesifiki." #Noma, "ekugogobaleni; ekuhlaleni njengezifiki." **47:12** *NgesiHebheru, "isinkwa." **47:13** *NgesiHebheru, "sinkwa."

---

**ISAHL. 47**
*a* Job 14:1, 2
*b* Gen 25:7; Gen 35:28
*c* Gen 45:10; Eks 1:8, 11; Eks 12:37; Num 33:3
*d* Gen 41:30, 31
*e* Gen 41:56; Gen 44:25

**Uhla 2**
*a* Gen 41:48, 49
*b* Gen 41:45
*c* Gen 41:34

**25** Ngakho bathi: "Ukusindisi-
le ukuphila kwethu.[a] Masithole
umusa enkosini yethu, sizoba
izigqila zikaFaro."[b] **26** UJose-
fa wakwenza kwaba isinqumo
esisasebenza kuze kube nam-
hlanje ezweni laseGibhithe,
ukuthi ingxenye yesihlanu eka-
Faro. Yizwe lababapristi kuphela
elingazange libe elikaFaro.[c]

**27** U-Israyeli waqhubeka
ehlala ezweni laseGibhithe,
ezweni laseGosheni,[d] bazinza
kulo banda baba baningi ka-
khulu.[e] **28** UJakobe waqhu-
beka ehlala ezweni laseGibhi-
the iminyaka engu-17, izinsu-
ku zokuphila kukaJakobe zaba
iminyaka engu-147.[f]

**29** Sasisondela isikhathi so-
kuba u-Israyeli afe,[g] ngakho
wabiza indodana yakhe uJose-
fa wathi: "Uma ngithole umu-
sa kuwe, ngicela ubeke isa-
ndla sakho ngaphansi kwe-
thanga lami, ungibonise utha-
ndo oluqotho nokwethembeka.
Ngicela ungangingcwabi eGi-
bhithe.[h] **30** Lapho ngifa,* ku-
mele ungithwale ungikhiphe
eGibhithe ungingcwabe ethu-
neni lokhokho bami."[i] UJose-
fa wathi: "Ngiyokwenza njengo-
ba usho." **31** U-Israyeli wathi:
"Funga kimi." Ngakho wafunga
kuye.[j] U-Israyeli wakhothama
enhla kombhede wakhe.[k]

**48** Ngemva kwalezi zinto,
kwathiwa kuJosefa: "Bhe-
ka, uyihlo useba buthakathaka."
Yena-ke wathatha amadodana
akhe amabili uManase no-Efra-
yimi wahamba nawo.[l] **2** UJa-
kobe watshelwa: "Bheka uJose-
fa indodana yakho uze kuwe."
Ngakho u-Israyeli waziqinisa wa-
vuka wahlala embhedeni wakhe.
**3** UJakobe wathi kuJosefa:
"UNkulunkulu uMninimandla
Onke wabonakala kimi eLuze
ezweni laseKhanani wangibusi-
sa.[a] **4** Wathi kimi, 'Ngiyakwa-
ndisa, ngiyokwenza ube mni-
ngi, ngikwenze ibandla lezi-
zwe,[b] leli zwe ngiyolinika inza-
lo* yakho kube ngelayo unom-
phela.'[c] **5** Manje amadodana
akho amabili ozalelwe wona
ezweni laseGibhithe ngapha-
mbi kokuba ngize lapha kuwe
eGibhithe, angawami.[d] U-Efra-
yimi noManase bazoba ngaba-
mi njengoba nje noRubeni noSi-
meyoni bengabami.[e] **6** Kodwa
izingane ozozalelwa zona nge-
mva kwabo ziyoba ngezakho.
Ziyobizwa ngegama labafowabo
efeni labo.[f] **7** Lapho ngivela
ePhadani, uRaheli wafa[g] eceleni
kwami ezweni laseKhanani, ku-
sasele ibanga elide ngapha-
mbi kokufika e-Efrathi.[h] Nga-
kho ngamngcwaba lapho endle-
leni eya e-Efrathi, okungukuthi,
eBhetlehema."[i]

**8** U-Israyeli wabe esebo-
na amadodana kaJosefa, wa-
buza: "Obani laba?" **9** UJo-
sefa wathi kuyise: "Amadoda-
na ami uNkulunkulu angiphe
wona kule ndawo."[j] Uyise wa-
thi: "Ngicela uwalethe kimi
ukuze ngiwabusise."[k] **10** Ame-
hlo ka-Israyeli ayesenqundeki-
le ngenxa yokuguga, enga-
saboni. Ngakho uJosefa wa-
wasondeza kuye, wayesewaqa-
bula, wawagona. **11** U-Israyeli
wathi kuJosefa: "Angikaze ngi-
cabange ukuthi ngiyophinde
ngibubone ubuso bakho,[l] ko-
dwa uNkulunkulu ungivume-
le ukuba ngibone nenzalo*
yakho." **12** UJosefa wawasusa
emadolweni ka-Israyeli, wakho-
thama ngobuso phansi.

---

**47:30** *NgesiHebheru, "ngilala nobaba."

**48:4** *NgesiHebheru, "imbewu." **48:11** *NgesiHebheru, "nembewu."

**ISAHL. 47**
- *a* Gen 45:5; IzE 7:11
- *b* Gen 47:19
- *c* Gen 47:22
- *d* Gen 47:4
- *e* Eks 1:7; Dut 10:22; Hu 105:24; IzE 7:17
- *f* Gen 47:9
- *g* Gen 49:33
- *h* Gen 46:4; Gen 50:13; IzE 7:15, 16
- *i* Gen 25:9, 10; Gen 49:29, 30
- *j* Gen 50:5
- *k* Heb 11:21

**ISAHL. 48**
- *l* Gen 41:50; Jos 14:4

**Uhla 2**
- *a* Gen 28:13, 19; Hos 12:4
- *b* Gen 35:10, 11
- *c* Gen 28:13, 14
- *d* Jos 14:4; 1Kr 5:1
- *e* Gen 35:23
- *f* Jos 13:29; Jos 16:5
- *g* Gen 35:19
- *h* Mik 5:2
- *i* 1Sa 17:12; Mat 2:6
- *j* Gen 41:50
- *k* Heb 11:21
- *l* Gen 37:34, 35; Gen 42:36; Gen 46:30

13 UJosefa wawathatha womabili, u-Efrayimi[a] ngesandla sokudla wamyisa kwesobunxele sika-Israyeli, noManase[b] ngesandla sobunxele wamyisa kwesokudla sika-Israyeli, wawasondeza kuye.
14 Nokho, u-Israyeli welula isandla sakhe sokudla wasibeka ekhanda lika-Efrayimi, nakuba ayengomncane, kwathi isandla sakhe sobunxele wasibeka ekhanda likaManase. Wazibeka kanjalo ngamabomu izandla zakhe, njengoba uManase ayeyizibulo.[c]
15 Wambusisa uJosefa wathi:[d]

"UNkulunkulu weqiniso,
obaba u-Abrahama
no-Isaka abahamba
phambi kwakhe,[e]
UNkulunkulu weqiniso
obengelusa sonke isikhathi sokuphila kwami kuze
kube namuhla,[f]
16 Ingelosi ebilokhu ingisindisa kuzo zonke izinhlekelele,[g] mayibabusise
abafana.[h]
Igama lami malibizwe phezu kwabo negama lobaba,
u-Abrahama no-Isaka,
Mabande babe baningi
emhlabeni."[i]

17 Lapho uJosefa ebona ukuthi uyise wayelokhu ebeke isandla sakhe sokudla ekhanda lika-Efrayimi, akazange akuthande lokho, ngakho wazama ukubamba isandla sikayise ukuze asisuse ekhanda lika-Efrayimi asibeke ekhanda lika-Manase.
18 UJosefa wathi kuyise: "Ungenzi kanjalo baba, ngoba yilo oyizibulo.[j] Beka isandla sakho sokudla ekhanda lakhe."
19 Kodwa uyise wayelokhu enqaba ethi: "Ngiyazi ndodana yami, ngiyazi. Naye uyoba isizwe, naye futhi uyoba mkhulu. Noma kunjalo, umfowabo omncane uyoba mkhulu kunaye,[a] nenzalo* yakhe iyoba ningi ngokwanele ukuba yakhe zonke izizwe."[b]
20 Ngakho waqhubeka ebabusisa ngalolo suku,[c] ethi:

"Ama-Israyeli mawabize
igama lakho lapho
ebusisana, athi,
'Kwangathi uNkulunkulu
angakwenza ube njengo-
Efrayimi nanjengo-
Manase.'"

Kanjalo u-Israyeli wayelokhu ebeka u-Efrayimi ngaphambi kukaManase.
21 Ngemva kwalokho u-Israyeli wathi kuJosefa: "Bheka, sengiyafa,[d] kodwa uNkulunkulu uzoqhubeka enani anibuyisele ezweni lokhokho benu.[e]
22 Mina, ngikunika ingxenye eyodwa yezwe ngaphezu kwabafowenu, izwe engalithatha esandleni sama-Amori ngenkemba yami nangomnsalo wami."

49 UJakobe wabiza amadodana akhe wathi: "Hlanganani ndawonye ukuze nginitshele okuzokwenzeka kini ezikhathini zokugcina.
2 Hlanganani nilalele, nina madodana kaJakobe, yebo, lalelani u-Israyeli uyihlo.
3 "Rubeni,[f] wena uyizibulo lami,[g] ubungqabavu bami nokuqala kwamandla ami okuzala, ukuvelela kwesithunzi nokuvelela kwamandla.
4 Kodwa ngeke uvelele, ngoba ngenxa yokuhluleka ukuzilawula njengamanzi ezikhukhula, ugibele embhedeni kayihlo.[h] Ngaleso sikhathi wangcolisa* umbhede wami. URubeni wagibela ngempela kuwo!

48:19 *NgesiHebheru, "nembewu."
49:4 *Noma, "awuwuhloniphanga."

ISAHL. 48
a Gen 41:52
b Gen 41:51
c Gen 41:51 Gen 46:20
d 1Kr 5:2
e Gen 17:1 Gen 24:40
f Gen 28:13 Hu 23:1
g Gen 28:15 Gen 31:11 Hu 34:7
h Gen 32:26
i Eks 1:7 Num 26:34, 37
j Gen 41:51

Uhla 2
a Num 2:18-21
b Num 1:32, 33
c Heb 11:21
d Gen 50:24
e Gen 15:14 Gen 26:3 Dut 31:8

ISAHL. 49
f Dut 33:6
g Gen 29:32 Eks 6:14 1Kr 5:1
h Gen 35:22

**5** “USimeyoni noLevi ba-
yizelamani.[a] Izikhali zabo ezo-
budlova.[b] **6** O mphefumulo*
wami, ungazihlanganisi nabo.
Ungangeni eqenjini labo, O
nhliziyo# yami, ngoba ngenxa
yentukuthelo yabo babulala
amadoda,[c] nangenxa yenjabu-
lo yabo banquma imisipha yezi-
nkunzi. **7** Mayiqalekiswe intu-
kuthelo yabo, ngoba inesihlu-
ku, nokufutheka kwabo, ngoba
kunokhahlo.[d] Mangibahlukani-
se endaweni kaJakobe, ngiba-
hlakaze kwa-Israyeli.[e]

**8** “Wena Juda,[f] abafowe-
nu bayokudumisa.[g] Isandla sa-
kho siyoba sentanyeni yezi-
tha zakho.[h] Amadodana kayi-
hlo ayokhothama phambi kwa-
kho.[i] **9** UJuda uyiwundlu le-
bhubesi.*[j] Ndodana yami uyo-
dla inyamazane usukume. Yena
uqoshame wazelula njenge-
bhubesi# futhi njengebhube-
si,# ubani ongalokotha amvu-
se? **10** Intonga yobukhosi
ngeke isuke kuJuda,[k] nendu-
ku yomyali phakathi kwezinya-
wo zakhe, kuze kufike uShi-
lo,*[l] uyolalelwa izizwe zonke.[m]
**11** Ebophela imbongolo yakhe
esihlahleni samagilebhisi ne-
thole lembongolo esihlahleni
samagilebhisi sekhethelo, uyo-
washa ingubo yakhe ewayi-
nini nasegazini lamagilebhisi.
**12** Amehlo akhe abomvu
ngokumnyama ngenxa yewayi-
ni, namazinyo akhe amhlophe
ngenxa yobisi.

**13** “UZebhuloni[n] uyohlala
ngasogwini lolwandle, ngaso-
gwini lapho imikhumbi ihlala
ibanjwe khona ngamahhuku,*[a]
kuthi umngcele wakhe okude
ube ngaseSidoni.[b]

**14** “U-Isakare[c] uyimbongo-
lo enamathambo aqinile, ela-
la phansi phakathi kwezikhwa-
ma ezimbili zesihlalo sayo.
**15** Uyobona ukuthi indawo
yokuphumula yinhle nokuthi
izwe lihle. Uyokwehlisa ihlo-
mbe lakhe ukuze athwale um-
thwalo enze nomsebenzi oyi-
mpoqo.

**16** “UDani[d] uyokwahlulela
abantu bakubo njengesi-
nye sezizwe zakwa-Israyeli.[e]
**17** UDani makabe yinyoka ece-
leni komgwaqo, inyoka enezi-
mpondo ngasendleleni, eluma
izithende zehhashi umgibeli
walo aketuke.[f] **18** Ngiyolinde-
la insindiso evela kuwe, Je-
hova.

**19** “UGadi[g] yena, iviyo laba-
phangi liyomhlasela, kodwa
yena uyolihlasela ezithendeni.[h]

**20** “Isinkwa sika-Asheri[i] si-
yoba siningi* kakhulu,# uyo-
nikeza inkosi ukudla okuyifa-
nele.[j]

**21** “UNafetali[k] uyinyamaza-
ne yensikazi eyilambalidlile.
Ukhuluma amazwi obugagu.[l]

**22** “UJosefa[m] uyigatsha le-
sihlahla esithelayo, esingasem-
thonjeni, esinamagatsha akhu-
la adlule udonga. **23** Kodwa
abacibi baqhubeka bemkha-
thaza futhi bemciba, baqhu-
beka bemfukamelele inzondo.[n]
**24** Nokho umnsalo wakhe wa-
wulokhu usendaweni yawo,[o]
izandla zakhe zaziqinile fu-
thi zishesha.[p] Lokhu kwenze-
ka ngenxa yalowo onamandla

**ISAHL. 49**
a Gen 29:33, 34; Gen 35:23
b Gen 34:25
c Gen 34:7
d Gen 34:25
e Jos 19:1; Jos 21:41
f Gen 29:35; Dut 33:7
g Gen 43:8, 9; Gen 46:28; 1Kr 5:2
h Hlu 1:2
i Num 10:14; 2Sa 5:3
j IsA 5:5
k Num 24:17; 2Sa 2:4; 2Sa 7:16, 17
l Isay 9:6; Hez 21:27; Luk 1:32; Heb 7:14
m Hu 2:8; Isay 11:10; Mat 2:6
n Dut 33:18, 19

**Uhla 2**
a Mat 4:13
b Jos 19:10
c Dut 33:18; 1Kr 7:5
d Dut 33:22
e Hlu 13:2, 24; Hlu 15:20
f Hlu 14:19; Hlu 15:15
g Dut 33:20
h Jos 13:8
i Dut 33:24
j 1Kh 4:7, 16
k Dut 33:23
l Mat 4:13, 15
m Dut 33:13-17
n Gen 37:5, 8; Gen 40:15
o Gen 50:20
p Jos 1:1, 6; Hlu 11:32

**49:6** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. #Noma kungaba, “O ngqondo.” **49:9** *Noma, “lengonyama.” #Noma, “njengengonyama.” **49:10** *Incazelo: “Lowo Okungokwakhe; Lowo Ongumnikazi Wako.”

**49:13** *Noma, “ngamahange.” **49:20** *Noma, “Ukudla kuka-Asheri kuyoba kuningi.” #NgesiHebheru, “siyokhuluphala.”

owasiza uJakobe. Ungumalu-
si, itshe lika-Israyeli. **25** Uve-
la* kuNkulunkulu kayihlo futhi
uyokusiza, ukanye noMninima-
ndla Onke, uyokubusisa ngezi-
busiso zamazulu aphezulu,
ngezibusiso zaphansi ekujule-
ni,[a] ngezibusiso zezingane ezi-
ningi kanye nemfuyo. **26** Izi-
busiso zikayihlo ziyoba zinku-
lu kunezibusiso zezintaba ezi-
mi phakade, kunezinto ezifise-
lekayo zamagquma ami njalo.[b]
Ziyoqhubeka ziphezu kwekha-
nda likaJosefa, phezu kokha-
khayi lwekhanda lalowo okhe-
thwe kubafowabo.[c]

**27** "UBhenjamini[d] uyoqhu-
beka edwengula njengempisi.[e]
Ekuseni uyodla isilwane esizi-
ngelwayo, ebusuku ahlukanise
impahla ephangiwe."[f]

**28** Zonke lezi yizizwe ezi-
ngu-12 zakwa-Israyeli, yilo-
kho uyise akusho emadodane-
ni akhe lapho ewabusisa. Wani-
keza ngayinye isibusiso esiyifa-
nele.[g]

**29** Ngemva kwalokho wawa-
yala wathi kuwo: "Mina se-
ngizofa.*[h] Ningingcwabe kanye
nobaba emhumeni osensimini
ka-Efroni umHeti,[i] **30** umhu-
me osensimini yaseMakaphe-
la phambi kwaseMamre ezweni
laseKhanani, insimu u-Abraha-
ma ayithenga ku-Efroni umHe-
ti ukuba ibe indawo yoku-
ngcwaba. **31** Bamngcwaba la-
pho u-Abrahama nomkakhe
uSara.[j] Bamngcwaba lapho u-
Isaka[k] nomkakhe uRebheka,
ngamngcwaba lapho noLeya.
**32** Leyo nsimu nomhume oku-
yo kwathengwa emadodaneni
kaHeti."[l]

**33** UJakobe waqeda uku-
nika amadodana akhe lezi ziya-
lezo. Ngemva kwalokho wa-
gibeza izinyawo zakhe phe-
zu kombhede waphefumula
okokugcina, bamngcwaba nje-
ngoba bangcwaba abantu ba-
kubo.*[a]

**50** UJosefa wabe esezipho-
nsa kuyise[b] wamkhalela,
wamqabula. **2** Ngemva kwalo-
kho uJosefa wayala izince-
ku zakhe, odokotela, ukuba ba-
gcobe*[c] uyise. Ngakho odo-
kotela bamgcoba u-Israyeli,
**3** bathatha izinsuku ezingu-40
ezigcwele, ngoba yilesi sikha-
thi esasidingeka ukuze kugco-
tshwe isidumbu futhi amaGi-
bhithe aqhubeka emkhalela izi-
nsuku ezingu-70.

**4** Lapho sezidlulile izinsuku
zokumlilela, uJosefa wakhulu-
ma nezikhulu zikaFaro,* wa-
thi: "Uma ngithole umusa kini,
ngidluliseleni lo myalezo ku-
Faro: **5** 'Ubaba wangifungi-
sa,[d] wathi: "Bheka! Sengiyafa.[e]
Kumele ungingcwabe endawe-
ni yami[f] engazilungisela yona
ezweni laseKhanani."[g] Ngice-
la ungivumele ngikhuphuke
ngiyongcwaba ubaba, ngemva
kwalokho ngizobuya.'" **6** UFa-
ro waphendula: "Hamba uyo-
ngcwaba uyihlo njengoba nje
akufungisa."[h]

**7** Ngakho uJosefa wakhu-
phuka wayongcwaba uyise, zo-
nke izinceku zikaFaro zahamba
naye, amadoda amadala[i] endlu
yakhe nawo wonke amadoda
amadala asezweni laseGibhi-
the **8** nabo bonke abomndeni

**49:25** *Okuwukuthi, uJosefa. **49:29** *NgesiHebheru, "sengizobuthelwa kubantu bakithi." Lena inkulumo esankondlo emayelana nokufa.

**49:33** *NgesiHebheru, "wabuthelwa kubantu bakubo." Lena inkulumo esankondlo emayelana nokufa. **50:2** *Lena inqubo yokugcoba isidumbu ngezinto ezifana namafutha anuka kamnandi ukuze singaboli. **50:4** *Noma, "nendlu kaFaro."

ISAHL. 49
*a* Dut 33:13
*b* Jos 17:14
*c* Dut 33:16
*d* Dut 33:12
*e* Hlu 20:15, 16; 1Sa 9:16
*f* Est 2:5; Est 8:7
*g* Heb 11:21
*h* Gen 35:29; Gen 49:33
*i* Gen 23:17, 18
*j* Gen 23:2, 19; Gen 25:9, 10
*k* Gen 35:29
*l* Gen 23:17, 18

Uhla 2
*a* IzE 7:15

ISAHL. 50
*b* Gen 46:4
*c* Gen 50:26
*d* Gen 47:29-31
*e* Gen 48:21
*f* Gen 46:4; Gen 47:29
*g* Gen 23:17, 18; Gen 49:29, 30
*h* Gen 47:31
*i* Hu 105:21, 22

kaJosefa nabafowabo nomnde-
ni kayise.[a] Bashiya abantwa-
na babo abancane nemihla-
mbi yabo kuphela ezweni lase-
Gosheni. **9** Kwakhuphuka ka-
nye naye izinqola[b] nabagibeli
bamahhashi, iqembu lalilikhu-
lu kakhulu. **10** Bafika esibu-
yeni* sase-Athadi, esisesifu-
ndeni saseJordani, bafike bali-
la kakhulu ngendlela edabuki-
sayo, uJosefa waqhubeka eli-
lela uyise izinsuku eziyisi-
khombisa. **11** Abantu bakule-
lo zwe, amaKhanani, bababo-
na belila esibuyeni sase-Atha-
di, bababaza bathi: "Yisililo esi-
khulu samaGibhithe!" Yinga-
kho saqanjwa ngokuthi i-Abela-
mizirayimi,* esesifundeni sase-
Jordani.

**12** Ngakho amadodana akhe
enza njengoba nje ayewayali-
le.[c] **13** Amadodana akhe am-
thwala amyisa ezweni lase-
Khanani amngcwaba emhu-
meni wensimu yaseMakaphe-
la, insimu ephambi kwaseMa-
mre u-Abrahama ayeyithenge
ku-Efroni umHeti njengendawo
yokungcwaba.[d] **14** Ngemva
kokungcwaba uyise, uJose-
fa wabuyela eGibhithe nabafo-
wabo nabo bonke ababehambe
naye beyongcwaba uyise.

**15** Lapho abafowabo baka-
Josefa bebona ukuthi uyise
wayesefile, bathi: "Kungenzeka
ukuthi uJosefa ufukamele inzo-
ndo ngathi futhi uzoziphindise-
lela kithi ngakho konke okubi
esikwenze kuye."[e] **16** Ngakho
bathumela umyalezo kuJosefa:
"Uyihlo wakhipha lo myalo nga-
phambi kokuba afe: **17** 'Yilo-
khu eniyokusho kuJosefa: "Ngi-
yakuncenga, siza uxolele isipha-
mbeko sabafowenu nesono aba-
senza ngokwenza okubi kuwe."'
Manje sicela uxolele isipha-
mbeko sezinceku zikaNkulunku-
lu kayihlo." UJosefa wakhala la-
pho bekhuluma naye. **18** Nge-
mva kwalokho abafowabo beza
bawa phambi kwakhe bathi:
"Bheka, sifana nezigqila kuwe!"[a]
**19** UJosefa wathi kubo: "Ni-
ngesabi. Ingabe ngisesikhundle-
ni sikaNkulunkulu? **20** Nakuba
nina nanifuna ukungilimaza,[b]
uNkulunkulu wayehlose ukuku-
shintsha lokho asindise abantu
abaningi, njengoba enza namu-
hla.[c] **21** Ngakho manje ninge-
sabi. Mina ngizoqhubeka ngini-
nika ukudla nina nabantwana
benu abancane."[d] Wabaduduza
wabaqinisekisa.

**22** UJosefa waqhubeka ehla-
la eGibhithe, yena nomnde-
ni kayise, futhi waphila iminya-
ka engu-110. **23** Wabona isizu-
kulwane sesithathu samado-
dana ka-Efrayimi,[e] namadoda-
na kaMakiri,[f] indodana kaMana-
se. KuJosefa ayefana nezinga-
ne zakhe.* **24** Ekugcineni uJo-
sefa wathi kubafowabo: "Se-
ngiyafa, kodwa ngokuqinisekile
uNkulunkulu uyoninaka,[g] naka-
njani uyonikhuphula anikhiphe
kuleli zwe aniyise ezweni afu-
nga ngalo ku-Abrahama, ku-
Isaka nakuJakobe."[h] **25** Nga-
kho uJosefa wafungisa amado-
dana ka-Israyeli, wathi: "Naka-
njani uNkulunkulu uyoninaka.
Kumele nithathe amathambo
ami niwakhuphule niwakhiphe
lapha."[i] **26** UJosefa wafa ene-
minyaka engu-110, bamgcoba[j]
ukuze angaboli, wayesefakwa
ebhokisini lokungcwaba eGibhi-
the.

ISAHL. 50
a Gen 46:27
b Gen 41:43; Gen 46:29
c Gen 47:29
d Gen 23:17, 18; Gen 25:9, 10; Gen 35:27; Gen 49:29, 30
e Gen 37:18, 28; Gen 42:21; Hu 105:17

Uhla 2
a Gen 37:7, 9
b Gen 37:18
c Gen 45:5; Hu 105:17
d Gen 47:12
e 1Kr 7:20
f Jos 17:1; 1Kr 7:14
g Eks 4:31
h Gen 12:7; Gen 17:8; Gen 26:3; Gen 28:13
i Eks 13:19; Jos 24:32; Heb 11:22
j Gen 50:2

**50:10** *Indawo okubhulelwa kuyo ukudla okusanhlamvu. **50:11** *Incazelo: "Ukulila KwamaGibhithe."

**50:23** *NgesiHebheru, "Azalelwa emadolweni kaJosefa." Okuwukuthi, aphathwa njengamadodana akhe aboniswa umusa okhethekile.

# EKSODUSI

UHLU LOKUPHAKATHI


1 Ama-Israyeli ayanda eGibhithe (1-7)
UFaro ucindezela ama-Israyeli (8-14)
Ababelethisi abesaba uNkulunkulu basindisa ukuphila (15-22)

2 Ukuzalwa kukaMose (1-4)
Indodakazi kaFaro ikhulisa uMose (5-10)
UMose ubalekela kwaMidiyani, ashade uZiphora (11-22)
UNkulunkulu uzwa ukububula kwama-Israyeli (23-25)

3 UMose nesihlahla sameva esivuthayo (1-12)
UJehova uchaza igama lakhe (13-15)
UJehova uyala uMose (16-22)

4 Izibonakaliso ezintathu ezizokwenziwa uMose (1-9)
UMose uzizwa engafaneleki (10-17)
UMose ubuyela eGibhithe (18-26)
UMose uphinde ahlangane no-Aroni (27-31)

5 UMose no-Aroni baphambi kukaFaro (1-5)
Ukucindezelwa kuyakhula (6-18)
U-Israyeli usola uMose no-Aroni (19-23)

6 Kuvuselelwa isithembiso senkululeko (1-13)
Igama likaJehova alaziwa ngokugcwele (2, 3)
Uhlu lozalo lukaMose no-Aroni (14-27)
UMose kumele aphinde avele phambi kukaFaro (28-30)

7 UJehova uqinisa uMose (1-7)
Induku ka-Aroni iba inyoka enkulu (8-13)
Inhlupho 1: amanzi aphenduka igazi (14-25)

8 Inhlupho 2: amaxoxo (1-15)
Inhlupho 3: izinsensane (16-19)
Inhlupho 4: izibawu (20-32)
Izwe laseGosheni alithinteki (22, 23)

9 Inhlupho 5: imfuyo iyafa (1-7)
Inhlupho 6: kumila amathumba kubantu nasezilwaneni (8-12)
Inhlupho 7: isichotho (13-35)
UFaro uzobona amandla kaNkulunkulu (16)
Igama likaJehova lizomenyezelwa (16)

10 Inhlupho 8: izintethe (1-20)
Inhlupho 9: ubumnyama (21-29)

11 Kumenyezelwa inhlupho yeshumi (1-10)
Ama-Israyeli azocela izipho (2)

12 Kusungulwa iPhasika (1-28)
Kuzobhecwa igazi ezinsikeni zeminyango (7)
Inhlupho 10: kubulawa amazibulo (29-32)
UFuduko luyaqala (33-42)
Iminyaka engu-430 iyaphela (40, 41)
Iziyalezo zokugcina iPhasika (43-51)

13 Wonke amazibulo esilisa angakaJehova (1, 2)
UMkhosi Wesinkwa Esingenamvubelo (3-10)
Wonke amazibulo esilisa anikelwa kuNkulunkulu (11-16)
U-Israyeli uqondiswa ngasoLwandle Olubomvu (17-20)
Insika yefu neyomlilo (21, 22)

14 U-Israyeli ufika olwandle (1-4)
UFaro ujaha u-Israyeli (5-14)
U-Israyeli uwela uLwandle Olubomvu (15-25)
AbaseGibhithe bayaminza olwandle (26-28)
U-Israyeli uba nokholo kuJehova (29-31)

15 Ingoma yokunqoba kaMose no-Israyeli (1-19)
UMiriyamu wenanela ingoma (20, 21)
Amanzi ababayo enziwa abe mtoti (22-27)

16 Abantu babubula ngokudla (1-3)
UJehova uyakuzwa ukububula (4-12)
Banikwa izagwaca nemana (13-21)
Ngeke ibe khona imana ngeSabatha (22-30)
Imana iyalondolozwa njengesikhumbuzo (31-36)

17 Isikhalo ngokuntuleka kwamanzi eHorebe (1-4)
Amanzi avela edwaleni (5-7)
Ama-Amaleki ayahlaselwa anqotshwe (8-16)

18 Kufika uJetiro noZiphora (1-12)

Iseluleko sikaJetiro sokuba kumiswe abahluleli (13-27)

19 ENtabeni iSinayi (1-25)
U-Israyeli uyoba umbuso wabapristi (5, 6)
Abantu bangcweliselwa ukuyohlangana noNkulunkulu (14, 15)

20 IMiyalo Eyishumi (1-17)
Isenzakalo esimangalisayo senza u-Israyeli esabe (18-21)
Iziyalezo zokukhonza uNkulunkulu (22-26)

21 Izinqumo zokwahlulela zika-Israyeli (1-36)
Ngokuphathelene nezigqila ezingamaHebheru (2-11)
Ngokuphathelene nomuntu ophatha umuntu wakubo ngobudlova (12-27)
Ngokuphathelene nezilwane (28-36)

22 Izinqumo zokwahlulela zika-Israyeli (1-31)
Ngokuphathelene nokweba (1-4)
Ngokuphathelene nokulimala kwezitshalo (5, 6)
Ngokuphathelene nesinxephezelo nobunikazi (7-15)
Ngokuphathelene nokuyengela ocansini (16, 17)
Ngokuphathelene nokukhonza uNkulunkulu nobulungisa (18-31)

23 Izinqumo zokwahlulela zika-Israyeli (1-19)
Ngokuphathelene nokwenza ngokwethembeka nangobulungisa (1-9)
Ngokuphathelene namasabatha nemikhosi (10-19)
Ingelosi iqondisa u-Israyeli (20-26)
Ukuthola umhlaba nemingcele (27-33)

24 Abantu bayavuma ukugcina isivumelwano (1-11)
UMose eNtabeni iSinayi (12-18)

25 Iminikelo yetabernakele (1-9)
UMphongolo (10-22)
Itafula (23-30)
Uthi lwesibani (31-40)

26 Itabernakele (1-37)
Izindwangu zetende (1-14)
Izinhlaka zamapulangwe nezisekelo ezinezimbobo (15-30)
Ikhethini nesihenqo (31-37)

27 I-altare lomnikelo oshiswayo (1-8)
Igceke (9-19)
Amafutha othi lwesibani (20, 21)

28 Izingubo zabapristi (1-5)
I-efodi (6-14)
Isiqephu sesifuba (15-30)
I-Urimi neThumimi (30)
Ijazi elingenamikhono (31-35)
Iduku lokushuqula elinocwecwe lwegolide (36-39)
Ezinye izingubo zabapristi (40-43)

29 Ukumiswa kwabapristi (1-37)
Umnikelo wansuku zonke (38-46)

30 I-altare lempepho (1-10)
Ukubalwa kwabantu nemali yesihlawulelo (11-16)
Indishi yethusi yokugeza (17-21)
Ingxube ekhethekile yamafutha okugcoba (22-33)
Indlela yokwenza impepho engcwele (34-38)

31 Izisebenzi eziyingcweti zinomoya kaNkulunkulu (1-11)
ISabatha, uphawu oluphakathi kukaNkulunkulu no-Israyeli (12-17)
Amatshe amabili ayizicaba (18)

32 Kukhulekelwa ithole legolide (1-35)
UMose uzwa abantu becula ngendlela engajwayelekile (17, 18)
UMose uphihliza amatshe ayizicaba omthetho (19)
AmaLevi aqotho kuJehova (26-29)

33 Umyalezo kaNkulunkulu wokusola (1-6)
Itende lokuhlangana ngaphandle kwekamu (7-11)
UMose ucela ukubona inkazimulo kaJehova (12-23)

34 Kwenziwa amatshe amasha ayizicaba (1-4)
UMose ubona inkazimulo kaJehova (5-9)
Kuphindwa imininingwane yesivumelwano (10-28)
Ubuso bukaMose bukhipha imisebe (29-35)

35 Iziyalezo zeSabatha (1-3)
Iminikelo yetabernakele (4-29)
UBhezaleli no-Oholiyabe bagcwaliswe ngomoya (30-35)

36 Kunikelwa okungaphezu kokudingekile (1-7)
Ukwakhiwa kwetabernakele (8-38)

37 Kwenziwa uMphongolo (1-9)
Itafula (10-16)
Uthi lwesibani (17-24)
I-altare lempepho (25-29)

38 I-altare lomnikelo oshiswayo (1-7)
Indishi yethusi (8)
Igceke (9-20)
Uhlu lwezinto zokwakha itabernakele (21-31)

39 Ukwenza izingubo zabapristi (1)
I-efodi (2-7)
Isiqephu sesifuba (8-21)
Ijazi elingenamikhono (22-26)
Ezinye izingubo zabapristi (27-29)
Ucwecwe lwegolide (30, 31)
UMose uhlola itabernakele (32-43)

40 Ukumisa itabernakele (1-33)
Inkazimulo kaJehova igcwala etabernakele (34-38)

---

**1** Lapho uJakobe, okunguku-
thi u-Israyeli, eya eGi-
bhithe, ngayinye yamadoda-
na akhe yahamba nomnde-
ni wayo kanye naye. Yila-
wa amagama amadodana kaJa-
kobe:[a] **2** URubeni, uSimeyo-
ni, uLevi noJuda;[b] **3** u-Isa-
kare, uZebhuloni noBhenjami-
ni; **4** uDani noNafetali; uGa-
di no-Asheri.[c] **5** Bonke abaza-
lwa uJakobe* babengu-70, ko-
dwa uJosefa yena wayeseseGi-
bhithe[d] kakade. **6** Ekugcineni
uJosefa wafa,[e] nabo bonke
abafowabo naso sonke leso
sizukulwane. **7** Ama-Israyeli*
anda, aqala ukuba maningi ka-
khulu futhi ayelokhu anda, eba
namandla ngendlela engavami-
le, kangangokuthi izwe lagcwa-
la wona.[f]
**8** Ngokuhamba kwesikhathi
kwavela inkosi entsha eGi-
bhithe eyayingamazi uJosefa.
**9** Yathi kubantu bayo: “Bheka-
ni! Ama-Israyeli maningi kuna-
thi futhi anamandla kunathi.[g]
**10** Masisebenzelane nawo ngo-
kuhlakanipha. Ngale kwalokho
azoqhubeka anda, uma kuba
nempi, ayohlangana nezitha
zethu alwe nathi ahambe kule-
li zwe.”
**11** Ngakho bamisa izindu-
na* zomsebenzi oyimpoqo uku-
ze bawacindezele ngomsebenzi
onzima,[a] bakha amadolobha
kaFaro okugcina izinto, okuwu-
kuthi, iPhithomu neRamsesi.[b]
**12** Kodwa lapho bewacindeze-
la kakhulu, kwakuba yilapho
anda khona kakhulu futhi esa-
kazeka kabanzi, kangangokuthi
besaba kakhulu ngenxa yama-
Israyeli.[c] **13** Ngakho abaseGi-
bhithe baphoqa ama-Israyeli
ukuba abe izigqila ngendlela
enesihluku.[d] **14** Bakwenza
kwaba munyu ukuphila kwawo
ngokuwagqilaza, njengoba aye-
sebenza ngobumba nezitini na-
ngazo zonke izinhlobo zobugqi-
la ensimini. Yebo, babewasebe-
nzisa ngaphansi kwezimo ezi-
nzima ngazo zonke izinhlobo
zobugqila.[e]
**15** Kamuva inkosi yaseGi-
bhithe yakhuluma nababelethi-
si abangamaHebheru, amaga-
ma abo kwakunguShifira no-
Phuwa, **16** yathi kubo: “La-
pho nibelethisa[f] abesifazane
abangamaHebheru futhi nibo-
na ukuthi ingane eyomfana ku-

---

**1:5** *NgesiHebheru, “labo abaphuma ethangeni likaJakobe.” **1:7** *NgesiHebheru, “Amadodana akwa-Israyeli.”

**1:11** *Noma, “abaqondisi.”

**ISAHL. 1**
*a* Gen 46:8
*b* 1Kr 2:3, 4
*c* Gen 46:17
*d* Gen 46:26; Dut 10:22; IzE 7:14
*e* Gen 50:26
*f* Gen 46:3; Dut 26:5; IzE 7:17-19
*g* Hu 105:24, 25

**Uhla 2**
*a* Gen 15:13; Eks 3:7; Num 20:15; Dut 26:6
*b* Gen 47:11
*c* Eks 1:7; Hu 105:24, 25
*d* Eks 2:23; IzE 7:6
*e* Lev 26:13
*f* Hez 16:4

mele niyibulale; kodwa uma ku-
yintombazane, kumele iphile.”
**17** Nokho ababelethisi babe-
mesaba uNkulunkulu weqiniso,
abakwenzanga lokho inkosi ya-
seGibhithe eyayibatshele kona.
Kunalokho, babengababulali
abantwana besilisa.[a] **18** Ngo-
kuhamba kwesikhathi inkosi
yaseGibhithe yababiza ababele-
thisi yathi kubo: “Anibabulala-
nga ngani abantwana besilisa?”
**19** Ababelethisi bathi kuFa-
ro: “Abesifazane bamaHebhe-
ru abafani nabesifazane base-
Gibhithe. Bayimiqemane, basu-
ke sebebelethile kakade lapho
umbelethisi efika kubo.”

**20** Ngakho uNkulunkulu wa-
babusisa ababelethisi, aba-
ntu baqhubeka banda fu-
thi beba namandla nakakhu-
lu. **21** Ngenxa yokuthi ababe-
lethisi bamesaba uNkulunku-
lu weqiniso, kamuva wabapha
imindeni. **22** Ekugcineni uFa-
ro wayala bonke abantu bakhe
wathi: “Kumele niphonse wo-
nke amadodana asanda kuza-
lwa angamaHebheru eMfuleni
iNayile, kodwa wonke amado-
dakazi kumele niwagcine ephi-
la.”[b]

**2** Cishe ngaleso sikhathi,
umuntu othile wendlu ka-
Levi washada indodakazi ka-
Levi.[c] **2** Lowo wesifazane wa-
khulelwa wazala indodana. La-
pho ebona indlela eyayiyinhle
ngayo, wayifihla izinyanga ezi-
ntathu.[d] **3** Lapho engasakwa-
zi ukuyifihla,[e] wathatha ubha-
sikidi* womhlanga# wawuhuqa
ngetiyela△ wamfaka kuwo um-
ntwana, wawubeka phakathi
komhlanga ngasosebeni loMfu-
la iNayile. **4** Kodwa udadewa-
bo[f] womntwana wama buqama-
ma ukuze abone ukuthi kwaku-
zokwenzekani kuye.

**5** Lapho indodakazi kaFaro
yehla iyogeza eMfuleni iNayi-
le, izincekukazi zayo zaziha-
mba eceleni kweNayile. Yabona
ubhasikidi emhlangeni. Ngoku-
shesha yathumela intombaza-
ne eyisigqila sayo ukuba iwula-
nde.[a] **6** Lapho iwuvula, yabo-
na umntwana womfana ekha-
la. Yamzwela, kodwa yathi: “Lo
ungomunye wabantwana bama-
Hebheru.” **7** Udadewabo wom-
ntwana wathi endodakazini ka-
Faro: “Ngihambe yini ngiyobi-
za owesifazane oncelisayo ku-
maHebheru ukuze akunceli-
sele umntwana?” **8** Indodaka-
zi kaFaro yathi kuye: “Ha-
mba!” Intombazane yahamba
ngaso leso sikhathi yabiza uni-
na womntwana.[b] **9** Indodaka-
zi kaFaro yabe seyithi kuye:
“Thatha lo mntwana ungince-
lisele yena, ngizokukhokhe-
la.” Ngakho owesifazane wam-
thatha umntwana wamnceli-
sa. **10** Lapho esekhulile, wa-
mletha endodakazini kaFaro,
waba indodana yayo.[c] Yamqa-
mba ngokuthi uMose* yathi:
“Kungenxa yokuthi ngimkhiphe
emanzini.”[d]

**11** Kwathi ngalezo zinsuku,
lapho uMose esemdala,* wa-
phuma waya kubafowabo wabo-
na indlela ababegqilazwa nga-
yo,[e] wabona nomGibhithe othi-
le eshaya umHebheru, omunye
wabafowabo. **12** Ngakho wa-
qalaza ngapha nangapha, wa-
ngabona muntu, wayesebulala
owaseGibhithe wamfihla esihla-
bathini.[f]

**13** Waphuma ngosuku olula-
ndelayo futhi kwakunamadoda

---

**ISAHL. 1**
a Gen 9:5, 6
b IzE 7:18, 19

**ISAHL. 2**
c Eks 6:20; Num 26:59
d IzE 7:20; Heb 11:23
e IzE 7:18, 19
f Eks 15:20; 1Kr 6:3; Mik 6:4

**Uhla 2**
a IzE 7:21
b Eks 6:20
c Heb 11:24, 25
d IzE 7:21
e Eks 1:11; Eks 3:7; IzE 7:23
f IzE 7:24

---

**2:3** *Noma, “umkhumbi; ibhokisi.” #Noma, “wephaphirasi.” △NgesiHebheru, “ngebitume.”

**2:10** *Incazelo: “Ukukhishwa,” okuwukuthi, ukusindiswa emanzini. **2:11** *Noma, “njengoba uMose ayeba namandla.”

amabili angamaHebheru aye-
lwa. Wathi kweyayinephutha:
“Umshayelani umuntu waki-
ni?”[a] **14** Yathi: “Ubani okwe-
nze isikhulu nomahluleli phezu
kwethu? Ingabe uhlose ukungi-
bulala njengoba ubulale owase-
Gibhithe?”[b] UMose wethuka wa-
thi: “Nakanjani le ndaba isiyazi-
wa!”

**15** Ngemva kwalokho uFaro
wezwa ngale ndaba, wazama
ukubulala uMose; kodwa uMo-
se wambalekela uFaro wayohla-
la ezweni lakwaMidiyani,[c] wafi-
ke wahlala phansi ngasemtho-
njeni. **16** Umpristi wakwaMi-
diyani[d] wayenamadodakazi ayi-
sikhombisa, eza ezokha ama-
nzi ukuze agcwalise imikho-
mbe ukuze kuzophuza umhla-
mbi kayise. **17** Njengokujwa-
yelekile, abelusi bafika bawa-
xosha. UMose wasukuma wasi-
za* laba besifazane waphuzisa
nomhlambi wabo. **18** Lapho
befika ekhaya kuyise uRehuwe-
li,*[e] wababaza wathi: “Kwe-
nzeke kanjani ukuba nibuye
masinyane kangaka namhla-
nje?” **19** Athi: “Umuntu othi-
le waseGibhithe[f] usikhululile
kubelusi, uze wasikhelela na-
manzi waphuzisa umhlambi.”
**20** Wathi emadodakazini akhe:
“Pho uphi? Nimshiyeleni? Mbi-
zeni azodla nathi.” **21** Ngemva
kwalokho uMose wavuma uku-
hlala nalo muntu, uRehuweli
wamganisela uZiphora[g] indoda-
kazi yakhe. **22** Kamuva waza-
la indodana, wayiqamba ngoku-
thi uGereshomu,*[h] ngoba wathi:
“Ngibe isifiki kwelinye izwe.”[i]

**23** Ngemva kwesikhathi esi-
de,* inkosi yaseGibhithe yafa,[j]
kodwa ama-Israyeli aqhube-
ka ebubula ngenxa yokugqila-
zwa, ekhala ekhononda, futhi
ukukhalela kwawo usizo nge-
nxa yokugqilazwa kwaqhubeka
kwenyukela kuNkulunkulu we-
qiniso.[a] **24** Ngokuhamba kwe-
sikhathi, uNkulunkulu waku-
zwa ukububula kwawo,[b] wakhu-
mbula isivumelwano sakhe ase-
nza no-Abrahama, u-Isaka no-
Jakobe.[c] **25** Ngakho uNkulu-
nkulu wawabheka ama-Israyeli;
wasibona isimo sawo.

**3** UMose waba umalusi wom-
hlambi womukhwe wakhe
uJetiro,[d] umpristi wakwaMidi-
yani. Njengoba ayeqhuba um-
hlambi eya ohlangothini lwe-
hlane olusentshonalanga, eku-
gcineni wafika entabeni kaNku-
lunkulu weqiniso, eHorebe.[e]
**2** Ngemva kwalokho ingelosi
kaJehova yabonakala kuye ise-
langabini lomlilo phakathi
kwesihlahla sameva.[f] Njengo-
ba ayeqhubeka ebuka, wabona
ukuthi isihlahla sameva sasivu-
tha kodwa singashi. **3** UMose
wathi: “Ngizohamba ngiyohlo-
la lesi simanga, ngibone ukuthi
kungani lesi sihlahla sameva
singashi.” **4** Lapho uJehova
ebona ukuthi uMose uyobhe-
ka, wambiza esihlahleni same-
va wathi: “Mose! Mose!” yena
wathi: “Ngilapha.” **5** UNkulu-
nkulu wabe esethi: “Ungabe
usasondela. Khumula izimba-
dada zakho, ngoba indawo omi
kuyo ingcwele.”

**6** Waqhubeka wathi: “Ngi-
nguNkulunkulu kayihlo, uNku-
lunkulu ka-Abrahama,[g] uNku-
lunkulu ka-Isaka[h] noNkulunku-
lu kaJakobe.”[i] UMose wabe
esesitha ubuso bakhe ngoba
wayesaba ukubuka uNkulunku-
lu weqiniso. **7** UJehova wa-
nezela: “Ngikubonile ngempe-
la ukuhlupheka kwabantu bami

ISAHL. 2
a IzE 7:26
b IzE 7:27, 28
c Gen 25:1, 2; Eks 3:1; Eks 4:19
d Eks 18:12
e Eks 4:18; Eks 18:1; Num 10:29
f IzE 7:22
g Eks 18:2-4; Num 12:1
h 1Kr 23:15
i IzE 7:29
j Eks 7:7; IzE 7:30

Uhla 2
a Eks 3:7; 1Kh 8:51
b IzE 7:34
c Gen 15:13, 14; Eks 6:5; Num 20:15, 16

ISAHL. 3
d Eks 2:16; Eks 18:1
e Eks 24:12, 13; 1Kh 19:8, 9
f IzE 7:30-34
g Gen 17:1, 7
h Gen 26:24
i Gen 28:13; Gen 32:9; Mat 22:32; IzE 7:32

**2:17** *Noma, “walwela.” **2:18** *Okuwukuthi, uJetiro. **2:22** *Incazelo: “Isihambi Lapho.” **2:23** *NgesiHebheru, “kwezinsuku eziningi.”

abaseGibhithe, ngakuzwa no-
kukhala kwabo ngenxa yala-
bo ababaphoqa ukuba basebe-
nze; ngibazi kahle ubuhlungu
ababuzwayo.[a] **8** Ngizokwe-
hla ngiyobakhulula kwabaseGi-
bhithe,[b] ngibakhuphule baphu-
me kulelo zwe ngibayise ezwe-
ni elihle nelivulekile, ezweni
eligeleza ubisi noju,[c] indawo
yamaKhanani, amaHeti, ama-
Amori, amaPherizi, amaHivi
namaJebusi.[d] **9** Bheka! Uku-
khala kwabantu bakwa-Israye-
li kufinyelele kimi, ngiyiboni-
le indlela enesihluku abaseGi-
bhithe ababacindezela nga-
yo.[e] **10** Manje woza, ngizoku-
thuma kuFaro futhi uzokhipha
abantu bami ama-Israyeli eGi-
bhithe."[f]

**11** UMose wathi kuNkulu-
nkulu weqiniso: "Nginguba-
ni mina ukuba ngingaya kuFa-
ro ngikhiphe ama-Israyeli eGi-
bhithe?" **12** UNkulunkulu wa-
thi: "Ngizoba nawe[g] futhi nalu
uphawu lokuthi yimi engiku-
thumile: Ngemva kokuba usu-
bakhiphile abantu eGibhithe,
niyokhonza uNkulunkulu weqi-
niso kule ntaba."[h]

**13** Kodwa uMose wathi ku-
Nkulunkulu weqiniso: "Ake ngi-
thi ngiya kuma-Israyeli ngi-
thi kuwo, 'UNkulunkulu wo-
khokho benu ungithume kini,'
wona athi kimi, 'Ubani iga-
ma lakhe?'[i] Kufanele ngithini
kuwo?" **14** UNkulunkulu wa-
thi kuMose: "Ngiyoba Yilokho
Engikhetha* Ukuba Yikho."#[j]
Wanezela wathi: "Yilokhu ozo-
kusho kuma-Israyeli, 'UNgiyo-
ba Yikho ungithume kini.'"[k]
**15** UNkulunkulu wabuye wathi
kuMose:

"Yilokhu okumele ukusho
kuma-Israyeli, 'UJehova uNku-
lunkulu wokhokho benu, uNku-
lunkulu ka-Abrahama,[a] uNku-
lunkulu ka-Isaka[b] noNkulu-
nkulu kaJakobe,[c] ungithume
kini.' Yileli igama lami kuze
kube phakade[d] futhi yile ndle-
la okumele ngikhunjulwe nga-
yo yizo zonke izizukulwane.
**16** Manje hamba, uqoqe ama-
doda amadala akwa-Israyeli,
uthi kuwo, 'UJehova uNkulu-
nkulu wokhokho benu ubo-
nakale kimi, uNkulunkulu ka-
Abrahama, ka-Isaka noJakobe,
wathi: "Ngokuqinisekile ngini-
qaphele nina[e] nalokho okwe-
nziwa kini eGibhithe. **17** Nga-
kho ngithi, ngizonikhipha eku-
hlushweni[f] abaseGibhithe ngi-
niyise ezweni lamaKhanani,
amaHeti, ama-Amori,[g] ama-
Pherizi, amaHivi namaJebusi,[h]
ezweni eligeleza ubisi noju."'[i]

**18** "Nakanjani bazolilalela
izwi lakho[j] futhi uzoya enkosi-
ni yaseGibhithe, wena namado-
da amadala akwa-Israyeli. Ku-
fanele nithi kuyo: 'UJehova
uNkulunkulu wamaHebheru[k]
ukhulume nathi. Ngakho sicela
ukuthatha uhambo lwezinsuku
ezintathu siye ehlane ukuze se-
nzele uJehova uNkulunkulu
wethu umhlatshelo.'[l] **19** Ko-
dwa mina ngazi kahle ukuthi
inkosi yaseGibhithe ngeke ini-
vumele nihambe ngaphandle
kokuba iphoqwe isandla esina-
mandla.[m] **20** Ngakho kuzodi-
ngeka ngelule isandla sami
ngishaye iGibhithe ngazo
zonke izenzo zami ezinga-
vamile engizozenza kulo, nge-
mva kwalokho inkosi yaseGi-
bhithe izonikhulula.[n] **21** Ngi-
zokwenza nokuba abaseGibhi-
the bababonise umusa aba-
ntu bami, kuyothi lapho ni-
hamba, nakanjani ningahambi

---

3:14 * Noma, "Engifuna." # Noma, "Ngiyoba Yilokho Engiyoba Yikho." Bheka iSithasiselo A4.

ISAHL. 3
a Eks 1:11; Isay 63:9; IzE 7:34
b Eks 12:51
c Num 13:26, 27; Dut 27:3
d Gen 10:15-17; Eks 33:1, 2; Dut 7:1; Jos 3:10; Neh 9:7, 8
e Eks 1:11
f Hu 105:26, 38; IzE 7:34
g Dut 31:23; Jos 1:5; Isay 41:10; Rom 8:31; Flp 4:13
h Eks 19:2; Dut 4:11, 12
i Eks 15:3; Hu 96:8; Hu 135:13; Hos 12:5; Joh 17:26; Rom 10:13
j Job 23:13; Isay 14:27; Joh 12:28
k Eks 6:3, 7; Rom 9:17

Uhla 2
a Gen 17:1, 7
b Gen 26:24
c Gen 28:13; Mat 22:32
d Hu 135:13
e Gen 50:24; Eks 13:19
f Gen 15:13, 14; Lev 26:13
g Gen 15:16
h Eks 23:23
i Num 13:27; Dut 8:7-9
j Eks 4:31
k Gen 14:13
l Eks 5:3; Eks 10:25, 26
m Eks 5:2; Eks 14:8; Rom 9:17
n Eks 7:3; Eks 12:33; Dut 6:22

ningenalutho.[a] **22** Owesifaza-
ne ngamunye kumele acele ku-
makhelwane wakhe nakowesi-
fazane ohlala endlini yakhe izi-
nto zesiliva nezegolide kanye
nezingubo, niyozigqokisa ama-
dodana namadodakazi enu; ni-
yothatha impahla yabaseGibhi-
the."[b]

**4** UMose waphendula: "Ake
sithi abangikholwa futhi
abalilaleli izwi lami,[c] ngoba
bazothi, 'UJehova akazange
abonakale kuwe.'" **2** UJehova
wabe esethi kuye: "Yini le ese-
sandleni sakho?" Waphendula:
"Yinduku." **3** Wathi: "Yipho-
nse phansi." Ngakho wayipho-
nsa phansi, yaba inyoka;[d] uMo-
se wayibalekela. **4** UJehova
wathi kuMose: "Yelula isandla
uyibambe ngomsila." Waselula
wayibamba, yaba induku esa-
ndleni sakhe. **5** UNkulunkulu
wayesethi: "Ukuze bakholwe
ukuthi uJehova uNkulunkulu
wokhokho babo, uNkulunkulu
ka-Abrahama, uNkulunkulu ka-
Isaka noNkulunkulu kaJako-
be,[e] ubonakele kuwe."[f]

**6** UJehova wabuye wathi ku-
ye: "Ngicela ufake isandla sa-
kho ekhukhwini elingenhla le-
ngubo yakho." Wasifaka isandla
sakhe ekhukhwini lengubo ya-
khe. Lapho esikhipha, bheka,
isandla sakhe sasishaywe ngo-
choko sifana neqhwa![g] **7** Nge-
mva kwalokho wathi: "Buyisela
isandla sakho ekhukhwini eli-
ngenhla lengubo yakho." Wasi-
buyisela isandla sakhe engu-
tsheni yakhe. Lapho esikhipha
engutsheni yakhe, sasiphilile si-
njengayo yonke inyama yakhe!
**8** Wathi: "Uma bengakukholwa
noma bengasinaki isibonakali-
so sokuqala, nakanjani bazo-
sinaka isibonakaliso esilande-
layo.[h] **9** Noma kunjalo, ngisho
noma bengazikholwa lezi zibo-
nakaliso ezimbili futhi benqa-
ba ukulalela izwi lakho, uyokha
amanzi eMfuleni iNayile uwa-
chithe emhlabathini owomile,
amanzi oyowakha eNayile ayo-
ba igazi emhlabathini owomi-
le."[a]

**10** UMose wathi kuJehova:
"Uxolo Jehova, kodwa angi-
kaze ngibe iqaphuqaphu,
kusukela kudala noma ku-
sukela ukhulume nenceku
yakho, ngoba anginalo ikhono
lokukhuluma."*[b] **11** UJeho-
va wathi kuye: "Ubani owe-
nza umlomo womuntu, noma,
ubani obenza babe izimungu-
lu, izithulu, babone ngoku-
cacile noma babe izimpumpu-
the? Akumina yini Jehova owe-
nza lezi zinto? **12** Ngakho ma-
nje hamba, ngizoba nawe la-
pho ukhuluma,* ngizokufundi-
sa okufanele ukusho."[c] **13** Ko-
dwa uMose wathi: "Uxolo Je-
hova, ngicela uthume noma
ubani othanda ukumthuma."
**14** UJehova wamthukuthelela
kakhulu uMose, wathi: "Ake-
kho yini umfowenu u-Aroni[d]
umLevi? Ngiyazi ukuthi umfo-
wenu ukhuluma kahle kakhu-
lu. Usendleleni uzokuhlangabe-
za. Lapho ekubona, uzojabula.[e]
**15** Kumele ukhulume naye um-
tshele amazwi ami,[f] mina ngi-
zoba nawe kanye naye la-
pho nikhuluma,[g] ngizonifu-
ndisa okumele nikwenze.
**16** Uzokukhulumela nabantu,
abe umkhulumeli wakho, wena
ube njengoNkulunkulu kuye.*[h]
**17** Le nduku uzoyiphatha nge-
sandla ukuze wenze ngayo izi-
bonakaliso."[i]

**18** Ngakho uMose wabuye-
la kuJetiro umukhwe wakhe[j]

---

**4:10** *NgesiHebheru, "nginomlomo onensayo nolimi olunensayo." **4:12** *NgesiHebheru, "ngizoba nomlomo wakho." **4:16** *Noma, "wena uzomelela uNkulunkulu kuye."

ISAHL. 3
a Eks 11:2; Eks 12:35, 36
b Gen 15:13, 14; Eks 12:36

ISAHL. 4
c Eks 2:13, 14
d Eks 7:9
e Luk 20:37
f Eks 3:16; Eks 4:31
g Num 12:10
h IzE 7:36

Uhla 2
a Eks 4:30
b Eks 6:12; Num 12:3; Jer 1:6; IzE 7:22
c Isay 50:4; Mar 13:11
d Num 26:59
e Eks 4:27
f Eks 4:28
g Jer 1:9
h Eks 7:1, 2
i Eks 8:5; Eks 17:5, 6; Num 20:11
j Eks 2:18, 21; Eks 18:1; Num 10:29

wathi kuye: “Ngicela ukubuyela kubafowethu abaseGibhithe ngiyobona ukuthi basaphila yini.” UJetiro wathi kuMose: “Hamba ngokuthula.” **19** Ngemva kwalokho uJehova wathi kuMose kwaMidiyani: “Hamba, buyela eGibhithe, ngoba bonke abantu ababefuna ukukubulala* sebafa.”[a]

**20** UMose wabe esethatha umkakhe namadodana akhe wabagibelisa imbongolo, wabuyela ezweni laseGibhithe. Ngaphezu kwalokho, uMose waphatha induku kaNkulunkulu weqiniso. **21** UJehova wathi kuMose: “Ngemva kokuba usubuyele eGibhithe, uqiniseke ukuthi uyazenza phambi kukaFaro zonke izimangaliso engikunike amandla okuba uzenze.[b] Kodwa mina ngizovumela inhliziyo yakhe ukuba ibe nenkani,[c] ngeke abakhulule abantu.[d] **22** Kumele uthi kuFaro, ‘Yilokhu uJehova akushoyo: “U-Israyeli uyindodana yami, izibulo lami.[e] **23** Ngithi kuwe, Khulula indodana yami ukuze ingikhonze. Kodwa uma wenqaba, ngizobulala indodana yakho, izibulo lakho.”’”[f]

**24** Kwathi endleleni endaweni yokungenisa izihambi uJehova[g] wamhlangabeza efuna indlela yokumbulala.[h] **25** Ekugcineni uZiphora[i] wathatha itshe elicijile* wasoka indodana yakhe, ijwabu layo walithintisa izinyawo zayo# wathi: “Yingoba ungumkhwenyana wami wegazi.” **26** Ngakho uNkulunkulu wamdedela. Ngaleso sikhathi uZiphora wathi, “ngumkhwenyana wegazi,” ngenxa yokusokwa.

**27** UJehova wathi ku-Aroni: “Hamba uyohlangabeza uMose ehlane.”[a] Ngakho wahamba wahlangana naye entabeni kaNkulunkulu weqiniso[b] wambingelela ngokumqabula. **28** UMose watshela u-Aroni wonke amazwi kaJehova, owayemthumile,[c] nazo zonke izibonakaliso ayemyale ukuba azenze.[d] **29** Ngemva kwalokho uMose no-Aroni bahamba baqoqa wonke amadoda amadala akwa-Israyeli.[e] **30** U-Aroni wawatshela konke uJehova ayekukhulume kuMose, wenza nezibonakaliso[f] phambi kwabantu. **31** Abantu bakholwa.[g] Lapho bezwa ukuthi uJehova uwanakile ama-Israyeli[h] nokuthi wayekubonile ukuhlupheka kwawo,[i] baguqa base bekhothama.

**5** Ngemva kwalokho, uMose no-Aroni baya kuFaro bathi: “Yilokhu uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli akushoyo, ‘Khulula abantu bami ukuze bangenzele umkhosi ehlane.’” **2** Kodwa uFaro wathi: “Ungubani uJehova[j] ukuba ngilalele izwi lakhe ngikhulule u-Israyeli?[k] Angimazi nhlobo uJehova, ngaphezu kwalokho, ngeke ngimkhulule u-Israyeli.”[l] **3** Kodwa bathi: “UNkulunkulu wamaHebheru ukhulume nathi. Sicela ukuthatha uhambo lwezinsuku ezintathu ehlane siyokwenzela uJehova uNkulunkulu wethu umhlatshelo;[m] ngaphandle kwalokho uzosishaya ngesifo noma ngenkemba.” **4** Inkosi yaseGibhithe yabaphendula: “Kungani wena Mose no-Aroni niyekisa abantu imisebenzi yabo? Buyelani emisebenzini* yenu!”[n] **5** UFaro waqhubeka wathi: “Bhekani ukuthi abantu bakini

**4:19** *Noma, “ababefuna umphefumulo wakho.” **4:25** *Noma, “ummese owenziwe ngetshe.” #Cishe kubhekiselwa ezinyaweni zengelosi.

**5:4** *Noma, “emithwalweni.”

ISAHL. 4
*a* Eks 2:15
*b* Eks 7:9
*c* Eks 7:3; Eks 8:15; Eks 9:12; Eks 11:10; Rom 9:17, 18
*d* Eks 7:22
*e* Dut 7:6; Dut 14:2; Hos 11:1; Rom 9:4
*f* Eks 12:29
*g* Num 22:22; 1Kr 21:16
*h* Gen 17:14
*i* Eks 2:16, 21

Uhla 2
*a* Eks 4:14
*b* Eks 3:1; Eks 20:18; Eks 24:16
*c* Eks 4:15
*d* Eks 4:8
*e* Eks 3:16; Eks 24:1
*f* Eks 4:3, 6, 9
*g* Eks 3:18
*h* Gen 50:25
*i* Eks 1:14; Eks 3:7; Dut 26:6

ISAHL. 5
*j* Eks 7:5; Eks 9:15, 16
*k* 2Kh 18:28, 35
*l* Eks 3:19
*m* Eks 3:18
*n* Eks 1:11

sebebaningi kangakanani kule-
li zwe, kodwa nina nibayekisa
ukusebenza."
**6** Ngalolo suku, uFaro waya-
la abaqondisi bomsebenzi ka-
nye nezinduna zabo wathi:
**7** "Ningabe nisabanika aba-
ntu utshani bokwenza izitini.[a]
Mabahambe bazibuthele bona
utshani. **8** Kodwa inani le-
zitini abazenza ngosuku ku-
samelwe lifane. Ningabanci-
phiseli ngoba bayavilapha. Yi-
ngakho bekhala, bethi, 'Sifu-
na ukuhamba, sifuna ukuyo-
kwenzela uNkulunkulu wethu
umhlatshelo!' **9** Basebenzise-
ni kanzima, nibagcine bema-
tasa ukuze bangawanaki ama-
nga."
**10** Ngakho abaqondisi bo-
msebenzi[b] nezinduna zabo ba-
phuma bathi kubantu: "Yi-
lokhu uFaro akushilo, 'Nge-
ke ngisaninika tshani. **11** Ha-
mbani nizitholele nina utsha-
ni nomaphi lapho ningabutho-
la khona, kodwa umsebenzi
wenu ngeke neze uncishiswe.'"
**12** Ngakho abantu basakaze-
ka kulo lonke izwe laseGibhi-
the bebutha izinhlanga esi-
khundleni sotshani. **13** Aba-
qondisa umsebenzi babelokhu
bebabelesela, bethi: "Ngamu-
nye wenu kumele aqede
umsebenzi wakhe wansuku zo-
nke, njengalapho nisanikezwa
utshani." **14** Izinduna zama-
Israyeli, ezazimiswe abaqondi-
si bomsebenzi bakaFaro phezu
kwawo zashaywa.[c] Bazibuza:
"Kungani ningenzanga inani le-
zitini ebenilenza? Anilenzanga
izolo nanamhlanje."
**15** Ngakho izinduna zama-
Israyeli zaya kuFaro zayo-
khalaza, zathi: "Kungani uzi-
phatha kanje izinceku zakho?
**16** Akukho tshani obunikwa
izinceku zakho, nokho ba-
thi kithi, 'Yenzani izitini!' Izi-
nceku zakho ziyashaywa, ko-
dwa abantu bakho abanephu-
tha." **17** Kodwa uFaro wathi:
"Niyavilapha, niyavilapha![a] Yi-
ngakho nithi, 'Sifuna ukuha-
mba, sifuna ukwenzela uJe-
hova umhlatshelo.'[b] **18** Nga-
kho hambani, phindelani emse-
benzini! Akukho tshani enizo-
nikwa bona, kodwa kusamelwe
nenze inani elifanayo lezitini."
**19** Izinduna zama-Israyeli
zabona ukuthi zazisenkinge-
ni enkulu ngenxa yalo myalo:
"Akumele neze ninciphise ina-
ni lezitini zenu enizenza usu-
ku nosuku." **20** Ngemva kwa-
lokho zahlangana noMose no-
Aroni, ababemi lapho ukuze
bazihlangabeze njengoba zi-
phuma kuFaro. **21** Ngaso leso
sikhathi zathi kubo: "Kwanga-
thi uJehova angabheka eni-
kwenzile anahlulele, njengoba
nenze uFaro nezinceku zakhe
basenyanya,* nabeka nenke-
mba esandleni sabo ukuze ba-
sibulale."[c] **22** UMose waphe-
ndukela kuJehova wathi: "Je-
hova, ubahlupheleni laba ba-
ntu? Ungithumeleni? **23** Ku-
sukela esikhathini engangena
ngaso phambi kukaFaro ngiyo-
khuluma egameni lakho,[d] uFa-
ro uye wabaphatha kabi naka-
khulu laba bantu[e] futhi wena
awubasindisanga neze abantu
bakho."[f]

**6** UJehova wathi kuMose:
"Manje uzokubona engi-
zokwenza kuFaro.[g] Isandla esi-
namandla sizomphoqa uku-
ba abakhulule futhi sizompho-
qa ukuba abaxoshe ezweni la-
khe."[h]
**2** UNkulunkulu wabe ese-
thi kuMose: "NginguJehova.

---

**5:21** * Noma, "nisenze sanuka kabi kuFa-
ro nasezincekwini zakhe."

ISAHL. 5
a Eks 1:14
b Eks 1:11
c Eks 2:11

Uhla 2
a Eks 5:7, 8
b Eks 5:3
c Eks 6:9
d Eks 5:1
e Eks 5:6, 9
f Eks 3:8

ISAHL. 6
g Eks 14:13
h Eks 9:3
Eks 11:1
Eks 12:29, 31

**3** Ngangivame ukubonakala
ku-Abrahama, u-Isaka noJako-
be njengoNkulunkulu uMni-
nimandla Onke,[a] kodwa iga-
ma lami elithi Jehova[b] angi-
zange ngilembule ngokugcwele
kubo.[c] **4** Ngamisa isivumelwa-
no sami nabo sokubanika
izwe laseKhanani, izwe ababe-
hlala kulo njengezifiki.[d] **5** Ma-
nje mina ngikuzwile ukububula
kwabantu bakwa-Israyeli aba-
gqilazwa abaseGibhithe futhi
ngiyasikhumbula isivumelwano
sami.[e]

**6** "Ngakho yithi kuma-Isra-
yeli: 'NginguJehova, ngizoni-
khulula ekusetshenziswени ka-
nzima abaseGibhithe nginikhu-
lule nasekugqilazweni yibo,[f] fu-
thi ngizonibuyisa ngengalo
eyeluliwe* nangezahlulelo ezi-
nkulu.[g] **7** Ngizonithatha nibe
isizwe sami, mina ngibe uNku-
lunkulu wenu,[h] nakanjani ni-
zokwazi ukuthi nginguJehova
uNkulunkulu wenu ozonikhu-
lula ekugqilazweni abaseGibhi-
the. **8** Ngizoningenisa ezweni
engafunga ukuthi* ngiyolinika
u-Abrahama, u-Isaka noJako-
be; ngizoninika lona libe ele-
nu.[i] NginguJehova.'"[j]

**9** Kamuva uMose wadlulisa
lo myalezo kuma-Israyeli, ko-
dwa awamlalelanga uMose nge-
nxa yokudikibala nangenxa yo-
kugqilazwa kabuhlungu.[k]

**10** UJehova wabe esekhu-
luma noMose, wathi: **11** "Ha-
mba utshele uFaro, inkosi
yaseGibhithe, ukuthi kufane-
le akhulule ama-Israyeli aphu-
me ezweni lakhe." **12** UMo-
se waphendula uJehova, wa-
thi: "Bheka! Ama-Israyeli awa-
ngilalelanga;[l] uFaro yena anga-
ngilalela kanjani nje ngibe ngi-
ngakwazi ukukhuluma kahle?"[a]
**13** Kodwa uJehova waphinde
watshela uMose no-Aroni uku-
thi yimiphi imiyalo okumele ba-
yidlulisele kuma-Israyeli naku-
Faro, inkosi yaseGibhithe, uku-
ze akhulule ama-Israyeli ezwe-
ni laseGibhithe.

**14** Yilezi izinhloko zeminde-
ni yama-Israyeli: Amadodana
kaRubeni, izibulo lika-Israyeli,[b]
kwakunguHanoki, uPhalu, uHe-
zironi noKarmi.[c] Lena imindeni
kaRubeni.

**15** Amadodana kaSimeyoni
kwakunguJemuweli, uJamini,
u-Ohadi, uJakini, uZohari no-
Shawule, indodana yowesifaza-
ne ongumKhanani.[d] Lena imi-
ndeni kaSimeyoni.

**16** Lawa amagama amado-
dana kaLevi,[e] ngokozalo lom-
ndeni wawo: UGereshoni, uKo-
hati noMerari.[f] Iminyaka yoku-
phila kukaLevi yayingu-137.

**17** Amadodana kaGere-
shoni kwakunguLibhini no-
Shimeyi, ngokwemindeni
yawo.[g]

**18** Amadodana kaKohati
kwakungu-Amramu, u-Izihari,
uHebroni no-Uziyeli.[h] Iminya-
ka yokuphila kukaKohati ya-
yingu-133.

**19** Amadodana kaMerari
kwakunguMaheli noMushi.

Lena kwakuyimindeni ya-
maLevi, ngokozalo lomndeni
wawo.[i]

**20** U-Amramu wathatha uJo-
kebedi, udadewabo kayise, waba
umkakhe.[j] Wamzalela u-Aroni
noMose.[k] Iminyaka yokuphila
kuka-Amramu yayingu-137.

**21** Amadodana ka-Izihari
kwakunguKhora,[l] uNefegi noZi-
kiri.

**22** Amadodana ka-Uziyeli
kwakunguMishayeli, u-Elizafa-
ni[m] noSitri.

---

6:6 *Noma, "enamandla." 6:8 *NgesiHebheru, "engaphakamisa isandla sami ngathi."

---

ISAHL. 6

a Gen 17:1, Gen 35:10, 11
b Hu 83:18, Luk 11:2, Joh 12:28, IzE 15:14, IsA 15:3
c Gen 12:8, Gen 28:16, Jer 32:20
d Gen 15:18, Gen 28:4
e Gen 17:1, 7, Eks 2:24
f Dut 4:20
g Dut 26:8, 1Kr 17:21, IzE 13:17
h Eks 29:45, Dut 7:6, 2Sa 7:24, Hu 33:12
i Gen 15:18, Gen 26:3, Gen 35:12, Eks 32:13
j Eks 20:2, Isay 42:8
k Eks 5:21
l Eks 5:21, Eks 6:9

Uhla 2

a Eks 4:10, IzE 7:22
b Gen 49:3
c Gen 46:9
d 1Kr 4:24
e Gen 29:34
f Gen 46:11, Num 26:57
g Num 3:18
h Num 3:19
i Num 3:20
j Eks 2:1, Num 26:59
k 1Kr 23:13
l Num 16:1, 32, Num 26:10
m Lev 10:4, Num 3:30

**23** U-Aroni wathatha u-Eli-
sheba, indodakazi ka-Amina-
daba, udadewabo kaNahesho-
ni,[a] waba umkakhe. Wamzalela
uNadabi, u-Abhihu, u-Eleyazare
no-Itamari.[b]

**24** Amadodana kaKhora
kwakungu-Asiri, u-Elkana no-
Abhiyasafa.[c] Lena kwakuyi-
mindeni yabakwaKhora.[d]

**25** U-Eleyazare,[e] indodana
ka-Aroni, wathatha enye ya-
madodakazi kaPhuthiyeli yaba
umkakhe. Yamzalela uFine-
hasi.[f]

Lezi izinhloko zemindeni yo-
khokho bamaLevi, ngokwemi-
ndeni yazo.[g]

**26** Yibo laba o-Aroni noMo-
se uJehova athi kubo: "Khipha-
ni abantu bakwa-Israyeli ezwe-
ni laseGibhithe ngokwamaqe-
mbu* abo."[h] **27** Yibo abakhu-
luma noFaro, inkosi yaseGibhi-
the, ukuba akhiphe abantu ba-
kwa-Israyeli eGibhithe. Kwaku-
yilo Mose no-Aroni.[i]

**28** Ngalolo suku uJehova
akhuluma ngalo noMose ezwe-
ni laseGibhithe, **29** uJehova
watshela uMose, wathi: "Ngi-
nguJehova. Tshela uFaro, inko-
si yaseGibhithe, konke engiku-
sho kuwe." **30** UMose wathi
phambi kukaJehova: "Bheka!
Angikwazi ukukhuluma kahle,
uzongilalela kanjani uFaro?"[j]

**7** UJehova wabe esethi ku-
Mose: "Bheka, ngikwenze
waba njengoNkulunkulu* ku-
Faro futhi u-Aroni umfowe-
nu uzoba umprofethi wakho.[k]
**2** Wena kumele umtshele zo-
nke izinto engizokuyala ngazo,
u-Aroni umfowenu nguye ozo-
khuluma noFaro, uFaro uzo-
wakhulula ama-Israyeli ezwe-
ni lakhe. **3** Mina ngizovumela
inhliziyo kaFaro ibe nenkani,[a]
ngizozandisa nezibonakaliso
nezimangaliso zami ezweni la-
seGibhithe.[b] **4** Kodwa uFaro
ngeke anilalele, ngizobeka isa-
ndla sami phezu kweGibhithe
ngikhiphe abantu bami, ama-
Israyeli, ngamaqembu ahleli-
we,* ezweni laseGibhithe nge-
zahlulelo ezinkulu.[c] **5** Abase-
Gibhithe nakanjani bayokwa-
zi ukuthi nginguJehova[d] la-
pho ngelulela isandla sami eGi-
bhithe, ngikhipha ama-Israye-
li phakathi kwabo." **6** UMose
no-Aroni benza lokho uJeho-
va ayebayale ngakho; benza ka-
njalo nje. **7** UMose wayenemi-
nyaka engu-80 ubudala, u-Aro-
ni eneminyaka engu-83 ngesi-
khathi bekhuluma noFaro.[e]

**8** Manje uJehova wathi ku-
Mose no-Aroni: **9** "Uma uFa-
ro ethi kini, 'Yenzani isima-
ngaliso,' ubothi ku-Aroni, 'Tha-
tha induku yakho uyiphonse
phansi phambi kukaFaro.' Izo-
ba inyoka enkulu."[f] **10** Nga-
kho uMose no-Aroni baya ku-
Faro benza njengoba nje uJe-
hova ayeyalile. U-Aroni wa-
yiphonsa phansi induku ya-
khe phambi kukaFaro nezince-
ku zakhe, yaba inyoka enku-
lu. **11** Nokho, uFaro wabiza
amadoda ahlakaniphile naba-
thakathi, abapristi baseGibhi-
the abenza imilingo[g] nabo
benza into efanayo ngo-
mlingo wabo.*[h] **12** Ngamunye
waphonsa phansi induku ya-
khe, izinduku zabo zaba izi-
nyoka ezinkulu; kodwa indu-
ku ka-Aroni yazigwinya izi-
nduku zabo. **13** Noma kunja-
lo, inhliziyo kaFaro yaba ne-
nkani,[i] akazange abalalele, nje-
ngoba nje uJehova ayeshilo.

**6:26** *NgesiHebheru, "ngokwamabu-
tho." **7:1** *NgesiHebheru, "ngikwenze
uNkulunkulu."

**7:4** *NgesiHebheru, "amabutho ami."
**7:11** *Noma, "ngobuciko babo bemili-
ngo."

ISAHL. 6
*a* Rut 4:19-21, Mat 1:4
*b* Num 3:2
*c* Num 26:10, 11
*d* Num 26:58, 1Kr 9:19
*e* Num 3:32
*f* Num 25:7, Num 31:6, Jos 22:31, Hlu 20:28
*g* Eks 6:19
*h* Eks 7:2, 4, Eks 12:41, IzE 7:35
*i* Hu 77:20
*j* Eks 4:10, Eks 6:12

ISAHL. 7
*k* Eks 4:14-16, Eks 4:30

Uhla 2
*a* Eks 4:21, Eks 7:13, 22, Eks 8:15, 19, Eks 9:12, 35, Eks 10:20, 27, Eks 11:10, Eks 14:8, Rom 9:17, 18
*b* Eks 3:19, 20, Hu 105:26, 27, IzE 7:36
*c* Eks 12:12, 51
*d* Eks 7:17, Eks 8:9, 10, Eks 8:22, Eks 9:29, Eks 14:4
*e* Dut 34:7, IzE 7:22, 23
*f* Eks 4:2, 3
*g* Gen 41:8, 2Ti 3:8
*h* Eks 7:20, 22, Eks 8:7, 18, Eks 9:11
*i* Eks 7:3

**14** UJehova wathi kuMose:
“Inhliziyo kaFaro ayishintshi.[a]
Wenqabile ukukhulula abantu.
**15** Kusasa ekuseni uzokwenza
lokhu: Lapho uFaro eza eMfu-
leni iNayile, kufanele ume
osebeni loMfula iNayile uku-
ze uhlangane naye, uphathe
induku eyaphenduka inyoka.[b]
**16** Kumele uthi kuye, ‘UJeho-
va uNkulunkulu wamaHebheru
ungithume kuwe,[c] uthi: “Khu-
lula abantu bami ukuze bangi-
khonze ehlane,” kodwa awuza-
nge ulalele kuze kube manje.
**17** Yilokhu uJehova akusho-
yo: “Uzokwazi ngalokhu ukuthi
nginguJehova.[d] Bheka ngisha-
ya amanzi oMfula iNayile ngale
nduku esesandleni sami, azo-
phenduka igazi. **18** Izinhlanzi
eziseNayile zizofa, neNayile
izonuka futhi abaseGibhithe
ngeke bakwazi ukuphuza ama-
nzi eNayile.”’”

**19** Ngemva kwalokho uJe-
hova wathi kuMose: “Yithi ku-
Aroni, ‘Thatha induku yakho
welulele isandla sakho phezu
kwamanzi aseGibhithe,[e] phezu
kwemifula yalo, phezu kwemi-
sele yalo,* phezu kwamaxha-
phozi alo,[f] naphezu kwawo wo-
nke amadamu alo, ukuze abe
igazi.’ Kuzoba khona igazi kulo
lonke izwe laseGibhithe ngi-
sho nasezitsheni zokhuni neze-
tshe.” **20** Ngokushesha uMo-
se no-Aroni benza njengoba
nje uJehova ayeyalile. U-Aroni
waphakamisa induku washaya
amanzi oMfula iNayile phambi
kukaFaro nezinceku zakhe, wo-
nke amanzi omfula aphendu-
ka igazi.[g] **21** Izinhlanzi ezazi-
semfuleni zafa,[h] umfula waqa-
la ukunuka, abaseGibhithe ba-
bengasakwazi ukuphuza ama-
nzi eNayile,[i] kwakunegazi kulo
lonke izwe laseGibhithe.

**22** Noma kunjalo, abapristi
baseGibhithe abenza imilingo
benza into efanayo ngobuci-
ko babo obuyimfihlo,[a] ngakho
inhliziyo kaFaro yaqhubeka
inenkani, futhi akabalalelanga,
njengoba nje uJehova ayeshi-
lo.[b] **23** UFaro wabuyela endli-
ni yakhe, akazange akunake
nalokhu. **24** Bonke abaseGi-
bhithe bamba nxazonke zeNa-
yile befuna amanzi okuphuza,
ngoba babengakwazi ukuphu-
za amanzi eNayile. **25** Kwa-
dlula izinsuku eziyisikhombisa
ngemva kokuba uJehova esha-
ye iNayile.

**8** UJehova wathi kuMose:
“Yana kuFaro, uthi kuye,
‘Yilokhu uJehova akushoyo:
“Khulula abantu bami ukuze
bangikhonze.[c] **2** Uma ulokhu
wenqaba ukubakhulula, ngizo-
shaya yonke indawo yakho
ngamaxoxo.[d] **3** UMfula iNayi-
le uzogcwala amaxoxo, azokhu-
phuka angene endlini yakho,
ekamelweni lakho, phezu kom-
bhede wakho, ezindlini zezi-
nceku zakho, kubantu bakho,
kohhavini bakho nasezitshe-
ni zakho zokuxovela* inhla-
ma.[e] **4** Amaxoxo azokhuphu-
kela kuwe, kubantu bakho, na-
kuzo zonke izinceku zakho.”’”

**5** Kamuva uJehova wathi ku-
Mose: “Yithi ku-Aroni, ‘Yelule-
la isandla sakho nenduku phezu
kwemifula, imisele yeNayile na-
maxhaphozi, wenze ukuba ama-
xoxo akhuphukele ezweni la-
seGibhithe.’” **6** Ngakho u-Aro-
ni welulela isandla sakhe phezu
kwamanzi aseGibhithe, amaxo-
xo aqala ukukhuphuka alimbo-
za izwe laseGibhithe. **7** Nokho,
abapristi abenza imilingo be-
nza into efanayo ngobuciko

ISAHL. 7
*a* Eks 10:1
*b* Eks 4:2, 3
*c* Eks 3:18
*d* Eks 7:5; Eks 8:9, 10; Eks 8:22; Eks 9:29; Eks 14:4
*e* Eks 9:22; Eks 10:12; Eks 14:21
*f* Eks 8:5
*g* Hu 78:44
*h* Hu 105:29
*i* Eks 7:18, 24

Uhla 2
*a* Eks 7:11, 12; Eks 8:7, 18; Eks 9:11; 2Ti 3:8
*b* Eks 3:19

ISAHL. 8
*c* Eks 3:12
*d* Hu 78:45
*e* Hu 105:30

**7:19** *Okuwukuthi, imisele evela eNayile.

**8:3** *Noma, “nasemikhombeni yakho yokuxovela.”

babo obuyimfihlo, nabo be-
nza amaxoxo ukuba akhu-
phukele ezweni laseGibhithe.[a]
**8** UFaro wabe esebiza uMose
no-Aroni wathi: “Ncengani uJe-
hova ukuba asuse amaxoxo kimi
nakubantu bami,[b] ngoba ngiya-
funa ukubakhulula abantu uku-
ze benzele uJehova umhlatshe-
lo.” **9** UMose wathi kuFaro:
“Ngishiyela kuwe ukuba unqu-
me ukuthi ngikuncengele nini
ukuba amaxoxo asuswe kuwe,
ezincekwini zakho, kubantu ba-
kho nasezindlini zakho. Azo-
sala eMfuleni iNayile kuphela.”
**10** UFaro wathi: “Kusasa.” Nga-
kho uMose wathi: “Kuzoba nje-
ngokusho kwakho ukuze wazi
ukuthi akekho omunye onjengo-
Jehova uNkulunkulu wethu.[c]
**11** Amaxoxo azosuka kuwe, ezi-
ndlini zakho, ezincekwini zakho
nakubantu bakho. Azosala eNa-
yile kuphela.”[d]

**12** Ngakho uMose no-Aroni
baphuma kuFaro, uMose wa-
ncenga uJehova ngenxa ya-
maxoxo ayewalethe kuFaro.[e]
**13** UJehova wenza njengoba
uMose ayecelile, amaxoxo afa
ezindlini, emagcekeni nasema-
simini. **14** Babewanqwabela-
nisa eba izindunduma eziningi,
izwe laqala ukunuka. **15** La-
pho uFaro ebona ukuthi ama-
xoxo awasekho, wenza inhlizi-
yo yakhe yaba lukhuni[f] wenqa-
ba ukubalalela, njengoba nje
uJehova ayeshilo.

**16** UJehova wathi kuMo-
se: “Yithi ku-Aroni, ‘Yelula
induku yakho ushaye uthu-
li lomhlabathi, lube izinsensa-
ne* kulo lonke izwe laseGi-
bhithe.’” **17** Bakwenza lokhu.
U-Aroni welula isandla nendu-
ku yakhe washaya uthuli lom-
hlabathi, kwaba khona izinse-
nsane kumuntu nasesilwaneni.
Lonke uthuli lomhlabathi lwa-
ba izinsensane kulo lonke
izwe laseGibhithe.[a] **18** Aba-
pristi abenza imilingo baza-
ma ukwenza okufanayo uku-
ze baveze izinsensane ngo-
buciko babo obuyimfihlo,[b] ko-
dwa abakwazanga. Izinsensa-
ne zaba kumuntu nasesilwane-
ni. **19** Ngakho abapristi abe-
nza imilingo bathi kuFaro: “Lo-
khu kwenziwe ngamandla* ka-
Nkulunkulu!”[c] Kodwa inhliziyo
kaFaro yaqhubeka iba nenkani,
akabalalelanga, njengoba nje
uJehova ayeshilo.

**20** UJehova wathi kuMo-
se: “Vuka kusesekuseni kakhu-
lu ume phambi kukaFaro. Bhe-
ka! Lapho uFaro efika emfu-
leni, kumele uthi kuye, ‘Yilo-
khu uJehova akushilo: “Khulu-
la abantu bami ukuze bangi-
khonze. **21** Kodwa uma unga-
bakhululi abantu bami, ngizo-
thumela izibawu* phezu kwa-
kho, ezincekwini zakho, kuba-
ntu bakho nasezindlini zakho;
izindlu zaseGibhithe zizogcwa-
la izibawu, zimboze ngisho
nomhlabathi abama# phezu
kwawo. **22** Ngalolo suku na-
kanjani ngizolihlukanisa izwe
laseGosheni okuhlala kulo aba-
ntu bami. Akukho zibawu ezi-
yoba lapho,[d] ngalokhu uzokwa-
zi ukuthi mina Jehova, ngina-
mandla kuwo wonke umhlaba.[e]
**23** Ngizokwenza kube nome-
hluko phakathi kwabantu bami
nabantu bakho. Kusasa sizo-
kwenzeka lesi sibonakaliso.”’”

**24** UJehova wenza kanjalo,
iqulu lezibawu lahlasela indlu
kaFaro nezindlu zezinceku za-
khe nalo lonke izwe laseGi-

ISAHL. 8

*a* Eks 7:11, 12; Eks 7:20, 22; Eks 8:17, 18; Eks 9:11; 2Ti 3:8

*b* Eks 10:16-19

*c* Eks 9:14; Eks 15:11; Hu 83:18; Hu 86:8; Isay 46:9; Jer 10:6, 7; Rom 9:17

*d* Eks 8:3

*e* Eks 8:30, 31; Eks 9:33

*f* Eks 4:21; Eks 7:3

Uhla 2

*a* Hu 105:31

*b* Eks 7:11, 12; Eks 7:20, 22; Eks 8:7; Eks 9:11

*c* Eks 31:18; Luk 11:20

*d* Eks 9:4, 26; Eks 10:23; Eks 12:13

*e* 1Sa 17:46; 1Kh 20:28; 2Kh 19:17, 19

**8:16** *Isinambuzane esifana nomiyane.

**8:19** *NgesiHebheru, “ngumunwe.”

**8:21** *Uhlobo lwempukane oluncinzayo. #Okuwukuthi, abaseGibhithe.

bhithe.[a] Izwe lonakaliswa iziba-
wu.[b] **25** Ekugcineni uFaro wa-
biza uMose no-Aroni wathi:
“Hambani nenzele uNkulunku-
lu wenu umhlatshelo ezweni.”
**26** Kodwa uMose wathi: “Aku-
fanele senze kanjalo, ngoba lo-
kho esizokwenza umhlatshelo
kuJehova uNkulunkulu wethu
kuyoba yinto enengekayo kwa-
baseGibhithe.[c] Uma sithuku-
thelisa abaseGibhithe ngenxa
yomhlatshelo esiwunikela pha-
mbi kwamehlo abo, ngeke yini
basishaye ngamatshe? **27** Si-
zothatha uhambo lwezinsuku
ezintathu siye ehlane, sizome-
nzela lapho umhlatshelo uJe-
hova uNkulunkulu wethu, nje-
ngoba nje eshilo kithi.”[d]

**28** Manje uFaro wathi: “Ngi-
zonikhulula ukuze niyokwe-
nzela uJehova uNkulunkulu
wenu umhlatshelo ehlane. Ku-
phela ningayi kude kanga-
ka. Ngincengeleni.”[e] **29** UMo-
se wathi: “Manje ngiyaphuma
lapha, ngizomncenga uJeho-
va, izibawu zizosuka kuFa-
ro, ezincekwini zakhe naku-
bantu bakhe kusasa. Kodwa
uFaro kumele ayeke ukusi-
khohlisa* ngokwenqaba uku-
khulula abantu ukuba bayo-
kwenzela uJehova umhlatshe-
lo.”[f] **30** Ngemva kwalokho
uMose waphuma kuFaro wa-
yoncenga uJehova.[g] **31** Nga-
kho uJehova wenza njengoku-
sho kukaMose, izibawu zasu-
ka kuFaro, ezincekwini zakhe
nakubantu bakhe. Akusalanga
nesisodwa. **32** Nokho, uFaro
waphinde wenza inhliziyo ya-
khe yaba lukhuni, akabakhulu-
langa abantu.

**9** Ngakho uJehova wathi ku-
Mose: “Yana kuFaro uthi
kuye, ‘Yilokhu uJehova uNku-
lunkulu wamaHebheru akushi-
lo: “Khulula abantu bami ukuze
bangikhonze.[a] **2** Kodwa uma
wenqaba ukubakhulula futhi
uqhubeka ubabambile, **3** isa-
ndla sikaJehova[b] sizomelana
nemfuyo yakho esemadlelweni.
Kuzoba khona isifo esiyingozi
kakhulu[c] emahhashini, ezimbo-
ngolweni, emakamelini nasemi-
hlanjini yezinkomo neyezimvu.
**4** UJehova nakanjani uzokwe-
nza kube nomehluko phaka-
thi kwemfuyo yakwa-Israyeli
nemfuyo yaseGibhithe, aku-
kho nokukodwa okwama-Isra-
yeli okuzofa.”’”[d] **5** Ngaphezu
kwalokho, uJehova wabeka isi-
khathi, ethi: “Kusasa uJehova
uzokwenza lokhu ezweni.”

**6** Ngakho uJehova wakwe-
nza lokho ngalo kanye usu-
ku olulandelayo, zonke izinhlo-
bo zemfuyo yaseGibhithe za-
qala ukufa,[e] kodwa akukho
neyodwa imfuyo yama-Israye-
li eyafa. **7** Lapho uFaro ehlo-
la, kwakungafanga ngisho ne-
yodwa imfuyo yama-Israyeli.
Noma kunjalo, inhliziyo kaFaro
yaqhubeka iba lukhuni, akaba-
khululanga abantu.[f]

**8** Ngemva kwalokho uJeho-
va wathi kuMose no-Aroni:
“Gcwalisani izandla zenu ngo-
mule* kahhonela, uMose awu-
phonse emoyeni phambi ku-
kaFaro. **9** Uzoba ubhuqu kulo
lonke izwe laseGibhithe, futhi
uzoba amathumba abuhlungu
kakhulu kumuntu nasesilwane-
ni kulo lonke izwe laseGibhi-
the.”

**10** Ngakho bawuthatha umu-
le kuhhonela bama pha-
mbi kukaFaro, uMose wawu-
phonsa emoyeni, waba amathu-
mba abuhlungu kakhulu aqubu-
ka kumuntu nasesilwaneni.
**11** Abapristi abenza imilingo

ISAHL. 8
a Eks 8:3
b Hu 78:45; Hu 105:31
c Gen 46:33, 34; Eks 10:25, 26
d Eks 3:18
e Eks 8:8; Eks 9:28
f Eks 8:15
g Eks 9:33

Uhla 2

ISAHL. 9
a Eks 5:1; Eks 8:1
b Eks 7:4
c Eks 9:15
d Eks 8:22; Eks 10:23; Eks 11:7; Eks 12:13
e Hu 78:48
f Eks 4:21

**8:29** *Noma, “ukudlala.”

**9:8** *Noma, “ngempuqumpuqu emnyama edalwa intuthu.”

abakwazanga ukuma phambi kukaMose ngenxa yamathumba, ngoba ayemile kubapristi abenza imilingo nakubo bonke abaseGibhithe.[a] **12** Kodwa uJehova wayivumela inhliziyo kaFaro ukuba ibe lukhuni, akabalalelanga, njengoba nje uJehova ayeshilo kuMose.[b]

**13** UJehova wathi kuMose: "Vuka ekuseni ume phambi kukaFaro, uthi kuye, 'Yilokhu uJehova uNkulunkulu wamaHebheru akushilo: "Khulula abantu bami ukuze bangikhonze. **14** Ngoba ngiqondisa wonke amagalelo ami enhliziyweni yakho, ezincekwini zakho nakubantu bakho, ukuze wazi ukuthi akekho onjengami kuwo wonke umhlaba.[c] **15** Manje ngabe sengiselulile isandla sami ukuze ngishaye wena nabantu bakho ngesifo esiyingozi kakhulu, futhi ngabe awusekho* emhlabeni. **16** Kodwa ngikugcine ngenxa yaso kanye lesi sizathu: ukuze ngikubonise amandla ami futhi ngenze igama lami limenyezelwe emhlabeni wonke.[d] **17** Ingabe usaqhubeka uzikhukhumeza kubantu bami ngokungabakhululi? **18** Bheka kusasa ngalesi sikhathi ngizobangela ukuba kune isichotho esikhulu kakhulu, esingakaze sibe khona eGibhithe kusukela ngosuku elasungulwa ngalo kuze kube manje. **19** Ngakho thumela izwi lokuba kungeniswe yonke imfuyo yakho nakho konke okungokwakho okusemadlelweni ngaphansi kompheme. Wonke umuntu nesilwane okuzobe kusendle kungangeniswanga endlini kuzofa lapho isichotho sehlela kukho."'"

9:15 *Noma, "ususiwe."

**20** Noma ubani ezincekwini zikaFaro owayelesaba izwi likaJehova wabalekisela izinceku zakhe nemfuyo yakhe ezindlini ngokushesha, **21** kodwa ongalilalelanga izwi likaJehova waziyeka zisendle izinceku zakhe nemfuyo yakhe.

**22** UJehova wathi kuMose: "Yelulela isandla sakho ngasemazulwini, ukuze isichotho sehlele phezu kwalo lonke izwe laseGibhithe,[a] kumuntu nasesilwaneni nakuzo zonke izitshalo zasendle ezweni laseGibhithe."[b] **23** Ngakho uMose welulela ngasemazulwini induku yakhe, uJehova wathumela ukuduma nesichotho, umlilo* wehlela emhlabeni. UJehova wayelokhu enisa isichotho ezweni laseGibhithe. **24** Kwaba nesichotho, kwagqamuka amalangabi omlilo phakathi kwaso. Sasisikhulu kakhulu; kwakungakaze kube khona esinjengaso ezweni kusukela iGibhithe laba isizwe.[c] **25** Isichotho sashaya konke okwakusendle kulo lonke izwe laseGibhithe, kusukela kumuntu kuya esilwaneni, nazo zonke izinhlobo zezinto ezimilayo futhi savithiza zonke izihlahla zasendle.[d] **26** Kusezweni laseGosheni kuphela, lapho kwakukhona khona ama-Israyeli, lapho kungabanga nasichotho khona.[e]

**27** UFaro wathumela wabiza uMose no-Aroni wathi kubo: "Ngonile kulokhu. UJehova ulungile, mina nabantu bami sinephutha. **28** Ncengani uJehova ukuze kuphele lokhu kuduma nesichotho sikaNkulunkulu. Ngizimisele ukunikhulula, ngeke nisahlala." **29** Ngakho uMo-

9:23 *Mhlawumbe kuchazwa umbani onamandla.

ISAHL. 9

a Eks 7:11, 12; Eks 7:20, 22; Eks 8:7, 18; 2Ti 3:8
b Eks 4:21; Eks 8:31, 32; Eks 14:17
c Eks 8:9, 10; 2Sa 7:22; Hu 83:18
d Eks 14:17; Jos 2:9, 10; 1Kr 16:24; IzA 16:4; Isay 63:12; Rom 9:17

Uhla 2

a Hu 78:47; Hu 105:32
b Eks 10:4, 5
c Eks 9:18
d Hu 105:33
e Eks 8:22; Eks 9:3, 4; Eks 10:23; Eks 11:7; Eks 12:13

se wathi kuye: “Lapho nje ngiphuma edolobheni ngizokwelulela izandla zami phambi kukaJehova. Ukuduma kuzonqamuka nesichotho ngeke sisaqhubeka, ukuze wazi ukuthi umhlaba ungokaJehova.[a] **30** Kodwa wena nezinceku zakho, ngiyazi kakade ukuthi ngisho nangaleso sikhathi ngeke nimesabe uJehova uNkulunkulu.”

**31** Ifilakisi nebhali kwakushaywe isichotho, ngoba ibhali lase lilungele ukuvunwa nefilakisi seliqhakazile. **32** Kodwa ukolweni nesipelite akushaywanga isichotho ngoba kona kwakwephuzile ukumila. **33** UMose waphuma edolobheni kuFaro welulela izandla zakhe phambi kukaJehova, ukuduma nesichotho kwanqamuka nemvula yayeka ukuna emhlabeni.[b] **34** Lapho uFaro ebona ukuthi imvula, isichotho nokuduma kunqamukile, waphinda wona, wenza inhliziyo yakhe yaba nenkani,[c] yena nezinceku zakhe. **35** Inhliziyo kaFaro yaqhubeka iyitshe, akawakhululanga ama-Israyeli, njengoba nje uJehova ayeshilo ngoMose.[d]

**10** Ngemva kwalokho uJehova wathi kuMose: “Yana kuFaro, ngoba ngivumele inhliziyo yakhe nezinhliziyo zezinceku zakhe ukuba zibe nenkani,[e] ukuze ngibonise lezi zibonakaliso zami khona kanye phambi kwakhe,[f] **2** futhi umemezele emadodaneni akho nakubazukulu bakho indlela engasebenzelana kanzima ngayo neGibhithe nezibonakaliso engizenzile phakathi kwabo;[g] niyokwazi nakanjani ukuthi nginguJehova.”

**3** Ngakho uMose no-Aroni baya kuFaro bathi kuye: “Yilokhu uJehova uNkulunkulu wamaHebheru akushilo, ‘Kuyoze kube nini wenqaba ukuzithoba kimi?[a] Khulula abantu bami ukuze bangikhonze. **4** Ngoba uma uqhubeka wenqaba ukukhulula abantu bami, bheka ngiletha izintethe phakathi kwemingcele yakho kusasa. **5** Zizomboza umhlaba, umhlabathi ngeke ubonakale. Zizokudla zikuqede konke okusinde esichothweni, ebenikushiyelwe yiso, zidle zonke izihlahla zenu ezihluma endle.[b] **6** Zizogcwala ezindlini zakho, ezindlini zazo zonke izinceku zakho nasezindlini zalo lonke iGibhithe ngezinga oyihlo nomkhulu benu abangazange balibone kusukela ngesikhathi ababa khona ngaso kuleli zwe kuze kube namuhla.”[c] Wabe esephenduka waphuma kuFaro.

**7** Ngemva kwalokho izinceku zikaFaro zathi kuye: “Kuyoze kube nini lo muntu eba yisicefe* kithi? Khulula laba bantu ukuze bayokhonza uJehova uNkulunkulu wabo. Awukaqapheli yini namanje ukuthi iGibhithe selonakalisiwe?” **8** Ngakho uMose no-Aroni babuyiselwa kuFaro, wathi kubo: “Hambani nikhonze uJehova uNkulunkulu wenu. Kodwa obani abazohamba?” **9** UMose wathi: “Sizohamba nentsha yethu, abantu bethu abadala, amadodana ethu, amadodakazi ethu, izimvu zethu nezinkomo zethu,[d] ngoba sizokwenzela uJehova umkhosi.”[e] **10** Wathi kubo: “Uma nginikhulula nina nabantwana benu, ngempela uJehova uyobe unani![f] Kuyacaca ukuthi nihlose ukwenza okubi. **11** Cha! Amadoda kuphela angahamba ayokhonza uJehova, ngoba yilokho enikucelile.”

10:7 *NgesiHebheru, “ugibe.”

ISAHL. 9

a Eks 7:5, 17; Eks 8:9, 10; Eks 8:22; Eks 14:4; Dut 10:14; Hu 24:1
b Eks 10:17-19
c Eks 4:21; Eks 8:13, 15
d Eks 7:4

ISAHL. 10

e Eks 4:21; Eks 9:34
f Eks 9:15, 16; Hu 78:12; Rom 9:17
g Eks 13:3, 8; Dut 4:9; Dut 6:20-22; Hu 44:1

Uhla 2

a Eks 9:17
b Eks 9:31, 32
c Eks 9:24
d Eks 10:25, 26
e Eks 3:18; Eks 5:1
f Eks 12:31, 32

Babe sebexoshwa phambi kuka-
Faro.
**12** Manje uJehova wathi ku-
Mose: "Yelulela isandla sakho
phezu kwezwe laseGibhithe
ukuze kuvele izintethe, uku-
ze zikhuphukele ezweni lase-
Gibhithe zidle zonke izinto ezi-
milayo zezwe, konke okushi-
ywe isichotho." **13** Ngaso leso
sikhathi uMose welulela indu-
ku yakhe phezu kwezwe lase-
Gibhithe, uJehova wabangela
ukuba kuvunguze umoya wase-
mpumalanga ezweni, lonke lolo
suku nalobo busuku. Kwabe
sekusa, umoya wasempumala-
nga waletha izintethe. **14** Izi-
ntethe zakhuphukela kulo lo-
nke izwe laseGibhithe futhi za-
hlala phezu kwayo yonke inda-
wo yaseGibhithe.[a] Zaba inka-
thazo kakhulu;[b] kwakungaka-
ze kube nezintethe eziningi
kangaka, futhi ngeke kuphi-
nde kube neziningi njengazo.
**15** Zamboza lonke izwe, zenza
izwe laba mnyama; zadla zo-
nke izinto ezimilayo zezwe
nazo zonke izithelo zezihlahla
ezazishiywe isichotho; akusala-
nga lutho oluluhlaza ezihlahle-
ni noma ezintweni ezimilayo
zasendle kulo lonke izwe lase-
Gibhithe.
**16** Ngakho ngokushesha uFa-
ro wabiza uMose no-Aroni wa-
thi: "Ngonile kuJehova uNku-
lunkulu wenu nakini. **17** Ma-
nje ngicela nixolele isono sami
kulokhu nje kuphela, nince-
nge uJehova uNkulunkulu wenu
ukuba asuse le nhlupho ebula-
layo phezu kwami." **18** Ngakho
waphuma* kuFaro wancenga
uJehova.[c] **19** UJehova washi-
ntsha umoya waba umoya ona-
mandla kakhulu ovela entsho-
nalanga, waziphephula izintethe
waziyisa oLwandle Olubomvu.
Akukho ngisho neyodwa intethe
eyasala kuyo yonke indawo ya-
seGibhithe. **20** Nokho, uJeho-
va wayivumela inhliziyo kaFaro
ukuba ibe nenkani,[a] akawakhu-
lulanga ama-Israyeli.
**21** UJehova wabe esethi ku-
Mose: "Yelulela isandla sakho
ngasemazulwini ukuze kube
nobumnyama ezweni laseGi-
bhithe, ubumnyama obukhu-
lu kakhulu." **22** Ngokushesha
uMose waselulela ngasemazu-
lwini isandla sakhe, kwaba no-
bumnyama obukhulu kakhulu
kulo lonke izwe laseGibhithe
izinsuku ezintathu.[b] **23** Babe-
ngabonani, futhi akekho kubo
owasukuma lapho ayekhona
izinsuku ezintathu; kodwa wo-
nke ama-Israyeli ayenokukha-
nya ezindaweni ayehlala kuzo.[c]
**24** Ngemva kwalokho uFaro
wabiza uMose wathi: "Hambani
niyokhonza uJehova.[d] Yizimvu
zenu nezinkomo zenu kuphe-
la ezizosala. Ngisho nabantwa-
na benu bangahamba nani."
**25** Kodwa uMose wathi: "Wena
ngokwakho uzosinika imihla-
tshelo* neminikelo eshiswayo,
sizoyinikela kuJehova uNkulu-
nkulu wethu.[e] **26** Imfuyo ye-
thu sizohamba nayo. Akunasi-
lwane esizosala* ngoba sizose-
benzisa ezinye zazo ukuze si-
khulekele uJehova uNkulunku-
lu wethu, futhi asazi ukuthi
yini esizoyinikela ekukhuleke-
leni uJehova size sifike kho-
na." **27** UJehova wayivumela
inhliziyo kaFaro ukuba ibe ne-
nkani futhi akavumanga uku-
bakhulula.[f] **28** UFaro wathi
kuye: "Suka phambi kwami! Qi-
niseka ukuthi awuzami ukuphi-
nde ubone ubuso bami, ngoba

**10:18** *Kungenzeka uMose.

**10:25** *Noma, "uzosivumela sibe nemihlatshelo." **10:26** *NgesiHebheru, "Akunanselo ezosala."

ISAHL. 10
a Hu 78:46
b Eks 10:5; Hu 105:34, 35
c Eks 8:30, 31

Uhla 2
a Eks 7:3; Eks 11:10; Rom 9:17, 18
b Hu 105:28
c Eks 8:21, 22; Eks 9:3, 6; Eks 9:26; Eks 11:7; Eks 12:13
d Eks 8:28; Eks 9:28
e Eks 3:18; Eks 5:3
f Eks 4:21; Eks 14:4

mhla ubona ubuso bami uyo-
kufa.” **29** UMose wathi: “Nje-
ngoba nje ukhulumile, nge-
ke ngiphinde ngizame ukubona
ubuso bakho.”

**11** UJehova wathi kuMose:
“Kunenhlupho eyodwa
esasele engizoyiletha phezu ku-
kaFaro neGibhithe. Ngemva
kwalokho uzonikhulula lapha.[a]
Lapho enikhulula, uzonixosha.[b]
**2** Manje tshela abantu uku-
thi wonke amadoda nabesifaza-
ne kufanele bacele komakhelwa-
ne babo izinto zesiliva nezego-
lide.”[c] **3** UJehova wenza aba-
seGibhithe baba nomusa kuba-
ntu bakhe. Ngaphezu kwalokho,
uMose wayebe mkhulu kakhu-
lu ezweni laseGibhithe phaka-
thi kwezinceku zikaFaro naku-
bantu.

**4** UMose wathi: “Yilokhu
uJehova akushilo, ‘Phakathi
kwamabili ngiyaphuma ngiya
phakathi kweGibhithe,[d] **5** wo-
nke amazibulo ezweni laseGi-
bhithe azofa,[e] kusukela ezibu-
lweni likaFaro ohlezi esihlalwe-
ni sakhe sobukhosi kuya ezibu-
lweni lesigqila esisebenza etshe-
ni lokugaya nawo wonke amazi-
bulo emfuyo.[f] **6** Kulo lonke
izwe laseGibhithe kuzoba khona
isililo esikhulu esingakaze sibe
khona nesingeke siphinde sibe
khona.[g] **7** Kodwa akukho ngi-
sho inja ezokhonkotha* ama-
Israyeli noma imfuyo yawo,
ukuze nazi ukuthi uJehova
angawenza umehluko phaka-
thi kwabaseGibhithe nama-Isra-
yeli.’[h] **8** Zonke izinceku zakho
nakanjani zizokwehlela kimi zi-
ngikhothamele, zithi, ‘Hamba,
wena kanye nabo bonke abantu
abakulandelayo.’[i] Ngemva kwa-
lokho ngizophuma.” Wabe ese-
phuma kuFaro ethukuthele ka-
khulu.

**9** UJehova wabe esethi ku-
Mose: “UFaro ngeke anilale-
le,[a] ukuze izimangaliso zami za-
ndiswe ezweni laseGibhithe.”[b]
**10** UMose no-Aroni bazenza zo-
nke lezi zimangaliso phambi ku-
kaFaro,[c] kodwa uJehova wayi-
vumela inhliziyo kaFaro ukuba
ibe nenkani, akawakhululanga
ama-Israyeli ezweni lakhe.[d]

**12** UJehova wathi kuMo-
se no-Aroni ezweni la-
seGibhithe: **2** “Le nyanga izo-
ba ngeyokuqala ezinyangeni
kini. Izoba ngeyokuqala ezinya-
ngeni zonyaka kini.[e] **3** Khulu-
ma nayo yonke inhlangano ka-
Israyeli, uthi, ‘Ngosuku lweshu-
mi lwale nyanga yilowo nalo-
wo kufanele athathele indlu ka-
yise imvu,[f] kube yimvu endli-
ni ngayinye. **4** Kodwa uma
umndeni umncane kakhulu
ukuba ungaqeda imvu, kufane-
le wona nomakhelwane wawo*
oseduze bahlukaniselane yona
endlini yawo ngokwenani laba-
ntu. Lapho nibala, tholani
ukuthi umuntu ngamunye uzo-
dla inyama yemvu engakana-
ni. **5** Leyo mvu kufanele kube
ephile kahle,[g] eyeduna enonya-
ka owodwa ubudala. Ningakhe-
tha emawundlwini angamadu-
na noma ezimbuzini. **6** Kume-
le niyinakekele kuze kube usu-
ku luka-14 lwale nyanga,[h] lonke
ibandla lenhlangano ka-Israye-
li kumele liyihlabe uma se-
kuhwalele.*[i] **7** Kumele litha-
the elinye igazi layo lilibhe-
ce ezinsikeni zombili zom-
nyango nasengxenyeni ephezu-
lu yomnyango wezindlu elizoyi-
dlela kuzo.[j]

ISAHL. 11
a Dut 4:34
b Eks 12:31, 32
c Eks 3:21, 22; Eks 12:35, 36; Hu 105:37
d Eks 12:29
e Eks 4:22, 23; Hu 78:51; Hu 105:36; Hu 136:10; Heb 11:28
f Eks 12:12
g Eks 12:30
h Eks 8:22; Eks 9:3, 4; Eks 10:23; Eks 12:13
i Eks 12:33

Uhla 2
a Eks 3:19; Eks 7:4; Rom 9:17, 18
b Eks 7:3
c Hu 135:9
d Eks 4:21; Eks 9:15, 16; Eks 10:20

ISAHL. 12
e Eks 13:4; Eks 23:15; Num 28:16; Dut 16:1
f Joh 1:29; 1Ko 5:7; IsA 5:6
g Lev 22:18-20; Dut 17:1; 1Pe 1:19
h Num 28:16
i Eks 12:18; Lev 23:5; Dut 16:6
j 1Ko 5:7; Heb 11:28

**11:7** *NgesiHebheru, “ezolola ulimi lwayo.”

**12:4** *NgesiHebheru, “inhloko yomndeni nomakhelwane wayo.” **12:6** *NgesiHebheru, “phakathi kokuhlwa okubili.”

8 "'Le nyama kumele liyidle
ngalobu busuku.[a] Kufanele liyo-
se emlilweni liyidle kanye nesi-
nkwa esingenamvubelo[b] nemifi-
no ebabayo.[c] 9 Ingabi bikho
eniyidla iluhlaza noma ibilisiwe,
iphekwe ngamanzi, kodwa yose-
ni emlilweni, inhloko yayo ka-
nye namanqina nengaphakathi
layo. 10 Akumele kube khona
eniyibeka kuze kube sekuseni,
kodwa esalayo kuze kube seku-
seni kufanele niyishise ngomli-
lo.[d] 11 Kufanele niyidle kanje,
amabhande enu eboshiwe,* ni-
gqoke izimbadada zenu niphe-
the nezinduku zenu; futhi ku-
fanele niyidle ngokushesha. Yi-
Phasika likaJehova. 12 Ngizo-
nqamula ezweni laseGibhithe
ngalobu busuku ngishaye wo-
nke amazibulo ezweni laseGi-
bhithe, kusukela kumuntu kuya
esilwaneni;[e] ngizokhipha isa-
hlulelo kubo bonke onkulunku-
lu baseGibhithe.[f] NginguJehova.
13 Leli gazi lizoba uphawu lwe-
nu ezindlini enikuzo; ngizobona
igazi bese ngiyadlula, inhlupho
ngeke ifike kini ukuba inibulale
lapho ngishaya izwe laseGibhi-
the.[g]
14 "'Lolu suku luyoba isikhu-
mbuzo kini futhi kumele nilu-
gubhe njengomkhosi wokuhloni-
pha uJehova kuzo zonke izizu-
kulwane zenu. Kufanele nilugu-
bhe njengomthetho kuze kube
phakade. 15 Kumele nidle isi-
nkwa esingenamvubelo[h] izinsu-
ku eziyisikhombisa. Ngosuku lo-
kuqala kufanele nisuse inhla-
ma ebilisiwe ezindlini zenu,
ngoba noma ubani odla okufa-
kwe imvubelo kusukela ngosu-
ku lokuqala kwehle kuze kube
ngolwesikhombisa, lowo mu-
ntu* kumele abulawe# kwa-Isra-
yeli. 16 Ngosuku lokuqala ni-
yoba nomhlangano ongcwele,
ngosuku lwesikhombisa kube
nomunye umhlangano ongcwe-
le. Akukho msebenzi okumele
wenziwe ngalezi zinsuku.[a] Oku-
wukuphela kwento enivunyelwe
ukuba niyenze ukulungiselela
ukudla umuntu* ngamunye oku-
dingeka akudle.
17 "'Kumele nigcine uMkho-
si Wesinkwa Esingenamvubelo[b]
ngoba ngalo kanye lolu suku ngi-
yokhipha izixuku* zenu ezwe-
ni laseGibhithe. Kumele nigcine
lolu suku kuzo zonke izizuku-
lwane zenu njengomthetho kuze
kube phakade. 18 Ngenyanga
yokuqala, ngosuku luka-14 lwe-
nyanga, kusihlwa kumele nidle
isinkwa esingenamvubelo kuze
kube kusihlwa ngosuku luka-21
lwenyanga.[c] 19 Akukho nhla-
ma ebilisiwe okumele itholaka-
le ezindlini zenu izinsuku ezi-
yisikhombisa, ngoba uma noma
ubani edla okufakwe imvubelo,
kungakhathaliseki ukuthi uyisi-
fiki noma ungowokuzalwa ezwe-
ni,[d] lowo muntu* kumele abula-
we# kuma-Israyeli.[e] 20 Akufa-
nele nidle lutho olunemvubelo.
Kuyo yonke imizi yenu, kume-
le nidle isinkwa esingenamvube-
lo.'"
21 Ngokushesha uMose wa-
biza wonke amadoda amadala
akwa-Israyeli[f] wathi kuwo: "Ha-
mbani niyokhethela imindeni
yenu izilwane ezisencane,* ni-
hlabe umhlatshelo wePhasika.
22 Ngemva kwalokho kume-
le nigcobhoze isithungo sehiso-
pi egazini elisendishini bese ni-
bheca ingxenye ephezulu yom-
nyango kanye nezinsika zombi-

ISAHL. 12
a Dut 16:6, 7
b Eks 13:3; Eks 34:25; Dut 16:3; 1Ko 5:8
c Num 9:11
d Lev 7:15; Lev 22:29, 30; Dut 16:4
e Eks 11:4, 5; Eks 12:29
f Num 33:4
g Eks 8:22; Eks 9:4, 26; Eks 10:23; Eks 11:7
h Eks 23:15; Lev 23:6

Uhla 2
a Lev 23:8
b Lev 23:6; Luk 22:1; 1Ko 5:8
c Lev 23:5, 6
d Num 9:14
e Dut 16:3; 1Ko 5:7
f Eks 3:16; Num 11:16

12:11 *NgesiHebheru, "izinkalo zenu ziboshiwe." 12:15, 19 *Noma, "mphefumulo." 12:15, 19 #Noma, "anqunywe."

12:16 *Noma, "umphefumulo." 12:17 *NgesiHebheru, "amabutho enu." 12:21 *Okuwukuthi, amawundlu noma amazinyane.

li zomnyango ngegazi; akekho kini okufanele aphume endlini yakhe kuze kuse. **23** Kuyothi lapho uJehova edlula eyoshaya abaseGibhithe ngenhlupho bese ebona igazi engxenyeni ephezulu yomnyango nasezinsikeni zombili zomnyango, nakanjani uJehova uzowudlula lowo mnyango, ngeke ayivumele inhlupho yokufa* ukuba ingene ezindlini zenu.[a]

**24** “Lesi senzakalo kumele nisigcine njengomthetho ohlala kuze kube phakade kini nasemadodaneni enu.[b] **25** Lapho nifika ezweni uJehova azoninika lona, njengoba nje eshilo, kumele nisigcine lesi senzakalo.[c] **26** Lapho amadodana enu enibuza, ‘Sisho ukuthini lesi senzakalo kini?’[d] **27** anothi, ‘Ngumhlatshelo wePhasika esiwenzela uJehova, owadlula izindlu zama-Israyeli eGibhithe lapho eshaya abaseGibhithe ngenhlupho, kodwa wazisindisa izindlu zethu.’”

Abantu baguqa base bekhothama. **28** Ngakho ama-Israyeli ahamba enza njengoba nje uJehova ayeyale uMose no-Aroni.[e] Benza kanjalo nje.

**29** Kwathi phakathi kwamabili uJehova wabulala wonke amazibulo ezweni laseGibhithe,[f] kusukela ezibulweni likaFaro owayehlezi esihlalweni sakhe sobukhosi kuya ezibulweni lesithunjwa esasisejele,* nawo wonke amazibulo ezilwane.[g] **30** UFaro wavuka ngalobo busuku, yena nazo zonke izinceku zakhe nabo bonke abanye baseGibhithe, kwaba khona isililo esikhulu kwabaseGibhithe ngoba kwakungekho ndlu okwakungafanga muntu kuyo.[a] **31** Ngokushesha wabiza uMose no-Aroni[b] ebusuku wathi: “Sukani, phumani phakathi kwabantu bami, nina kanye namanye ama-Israyeli. Hambani niyokhonza uJehova, njengoba nishilo.[c] **32** Thathani nemihlambi yenu, njengoba nje nishilo, nihambe.[d] Kodwa kumele ningibusise.”

**33** AbaseGibhithe baqala ukuncenga abantu ukuba bahambe masinyane[e] ezweni labo, “ngoba,” ngokusho kwabo, “sonke sifana nabafile!”[f] **34** Ngakho abantu bathwala inhlama yabo kafulawa ingakavutshelwa, batshatha izitsha zabo zokuxovela zisongwe ngezingubo zabo. **35** Ama-Israyeli enza lokho uMose ayewatshele kona acela kwabaseGibhithe izinto zesiliva nezegolide nezingubo.[g] **36** UJehova wenza abaseGibhithe bababonisa umusa abantu bakhe, babanika ababekucela, baphanga impahla yabaseGibhithe.[h]

**37** Ama-Israyeli abe esesuka eRamesesi[i] aya eSukoti,[j] kungamadoda angaba ngu-600 000 ahamba ngezinyawo, ngaphandle kwezingane.[k] **38** Iqembu elikhulu elixubile*[l] lahamba nawo, kanye nemihlambi, imfuyo eningi kakhulu. **39** Babhaka inhlama ababephume nayo eGibhithe bayenza izinkwa ezingenamvubelo eziyindilinga. Zazingenamvubelo ngoba babexoshwe ngokushesha eGibhithe kangangokuthi abakwazanga ukuzenzela imiphako.[m]

**40** Isikhathi sokuhlala kwama-Israyeli, ayehlale eGibhithe,[n] saba iminyaka engu-430.[o]

---

**12:23** *NgesiHebheru, “incithakalo.”
**12:29** *NgesiHebheru, “esasisendlini ewumgodi.”

**12:38** *Okuwukuthi, iqembu elixubile labangewona ama-Israyeli, kuhlanganise nabaseGibhithe.

**ISAHL. 12**
a Heb 11:28
b Dut 16:3
c Jos 5:10
d Eks 13:3, 8; Dut 6:6, 7
e Heb 11:28
f Num 33:4; Hu 78:51; Hu 105:36
g Gen 15:14; Eks 11:4, 5; Num 3:13; Hu 135:8

**Uhla 2**
a Eks 11:6
b Eks 10:28, 29
c Eks 3:19, 20; Eks 6:1; Eks 10:8-11; Hu 105:38
d Eks 10:26
e Eks 12:11
f Eks 10:7
g Gen 15:14; Eks 3:21; Eks 11:2; Hu 105:37
h Eks 3:22
i Gen 47:11; Eks 1:11
j Num 33:5
k Gen 12:1, 2; Gen 15:1, 5; Gen 46:2, 3; Eks 1:7; Num 2:32
l Num 11:4
m Eks 12:31
n Gen 46:2, 3; Gen 47:27; IzE 13:17
o Gal 3:17

**41** Ekupheleni kweminyaka
engu-430, ngalo kanye lolo
suku, zonke izixuku* zabantu
bakaJehova zaphuma# ezweni
laseGibhithe. **42** Lobu ubusu-
ku ayogubha ngabo ukukhulu-
lwa kwawo nguJehova ezweni
laseGibhithe. Bonke abantu ba-
kwa-Israyeli kumele babugcine-
le uJehova lobu busuku nazo
zonke izizukulwane zabo.[a]

**43** UJehova wathi kuMose
no-Aroni: "Nawu umthetho we-
Phasika: Akukho muntu wesi-
nye isizwe ongalidla.[b] **44** Ko-
dwa uma othile enomuntu
oyisigqila owathengwa ngema-
li, kufanele nimsoke.[c] Kulapho
kuphela lapho engalidla khona.
**45** Isifiki nesisebenzi esiqashi-
we abanakulidla. **46** Kumele
lidlelwe endlini eyodwa. Aku-
mele nikhiphele noma iyiphi
inyama ngaphandle kwendlu
futhi akumele nephule thambo
kuyo.[d] **47** Wonke ama-Israyeli
kumele aligubhe. **48** Uma ku-
khona owesinye isizwe ohla-
la nani futhi efuna ukugubhela
uJehova iPhasika, bonke abe-
silisa bakhe kumele basokwe.
Khona-ke angasondela azo-
ligubha, uzofana nowokuzalwa
ezweni. Kodwa akukho muntu
ongasokile ongalidla.[e] **49** Ku-
yosebenza umthetho owodwa
kowokuzalwa nakowesinye isi-
zwe ohlala phakathi kwenu."[f]

**50** Ngakho wonke ama-Isra-
yeli enza njengoba nje uJeho-
va ayebayalile oMose no-Aroni.
Benza kanjalo nje. **51** Ngalo
kanye lolu suku, uJehova wa-
wakhipha ama-Israyeli kanye
nezixuku* zawo ezweni laseGi-
bhithe.

**12:41** *NgesiHebheru, "amabutho." #NgesiHebheru, "wonke amabutho kaJehova aphuma." **12:51** *NgesiHebheru, "namabutho."

**13** UJehova wakhuluma no-
Mose, wathi: **2** "Ngi-
ngcwelisele* wonke amazibulo
esilisa# phakathi kwama-Isra-
yeli. Umuntu wesilisa nesilwa-
ne seduna okuzozalwa kuqala,
kungokwami."[a]

**3** UMose wathi kubantu:
"Lukhumbuleni lolu suku eni-
phume ngalo eGibhithe,[b] endli-
ni yobugqila, ngoba ngesandla
esinamandla uJehova unikhi-
phile lapha.[c] Ngakho akukho
lutho olunemvubelo olungase
ludliwe. **4** Ngalolu suku niya-
phuma, ngenyanga ka-Abhi-
bhi.*[d] **5** Lapho uJehova ese-
nilethile ezweni lamaKhanani,
amaHeti, ama-Amori, amaHi-
vi namaJebusi,[e] afunga kokho-
kho benu ukuninika lona,[f] izwe
eligeleza ubisi noju,[g] kume-
le nigubhe lokhu ngale nyanga:
**6** Kumele nidle isinkwa esi-
ngenamvubelo[h] izinsuku eziyi-
sikhombisa, ngosuku lwesikho-
mbisa kuzoba nomkhosi woku-
hlonipha uJehova. **7** Isinkwa
esingenamvubelo kumele sidli-
we izinsuku eziyisikhombisa;[i]
akukho lutho olunemvubelo
okumele lutholakale kini[j] futhi
akukho nhlama ebilisiwe oku-
mele itholakale kini kuyo yo-
nke indawo* yenu. **8** Kumele
nitshele amadodana enu nga-
lolo suku, nithi, 'Kungenxa ya-
lokho uJehova angenzela kho-
na lapho ngiphuma eGibhithe.'[k]
**9** Lo mkhosi uyoba uphawu
esandleni senu nesikhumbuzo
esiphongweni senu,*[l] ukuze
umthetho kaJehova ube se-
mlonyeni wenu, ngoba uJeho-
va wanikhipha ngesandla esi-

**13:2** *Noma, "Ngihlukanisele." #NgesiHebheru, "wonke amazibulo avula isibeletho ngasinye." **13:4** *Bheka iSithasiselo B15. **13:7** *NgesiHebheru, "imingcele." **13:9** *NgesiHebheru, "phakathi kwamehlo enu."

ISAHL. 12
a Dut 16:1
b Lev 22:10
c Gen 17:12, 23
d Num 9:12, Hu 34:19, 20, Joh 19:33, 36
e Num 9:14
f Lev 24:22, Num 15:16

Uhla 2

ISAHL. 13
a Num 3:13, Num 18:15, Dut 15:19, Luk 2:22, 23
b Eks 12:42, Dut 16:3
c Dut 4:34, Neh 9:10
d Dut 16:1
e Eks 3:8, Eks 34:11
f Gen 15:18, Eks 6:5, 8
g Eks 3:17, Dut 8:7-9
h Eks 12:15, Eks 34:18
i Eks 23:15
j Dut 16:3
k Eks 12:26, 27
l Eks 12:14, Dut 11:18

namandla eGibhithe. **10** Ku-
mele nigcine lo mthetho ngesi-
khathi sawo esibekiwe unyaka
nonyaka.[a]

**11** “Lapho uJehova eniletha
ezweni lamaKhanani, afunga
kini nakokhokho benu uku-
thi uzoninika lona,[b] **12** ku-
mele ninikele kuJehova wo-
nke amazibulo esilisa,* ka-
nye nawo wonke amazibu-
lo eduna emfuyo eniyitholayo.
Okwesilisa kungokukaJehova.[c]
**13** Wonke amazibulo ezimbo-
ngolo kumele niwathenge nge-
mvu, uma ningawathengi, ku-
mele niwaphule izintamo. Wo-
nke amazibulo esilisa amado-
dana enu kumele niwathenge.[d]

**14** “Uma amadodana enu
enibuza kamuva, ethi, ‘Ku-
sho ukuthini lokhu?’ nina-ke
kufanele nithi kuwo, ‘UJeho-
va wasikhipha ngesandla esina-
mandla eGibhithe, endlini yobu-
gqila.[e] **15** Lapho uFaro enqa-
ba ngenkani ukusikhulula,[f] uJe-
hova wabulala wonke amazibu-
lo ezweni laseGibhithe, kusuke-
la ezibulweni lomuntu kuya ezi-
bulweni lesilwane.[g] Yingakho
senzela uJehova umhlatshelo
ngawo wonke amazibulo esi-
lisa* futhi siwathenga wonke
amazibulo amadodana ethu.’
**16** Lokhu kumele kube upha-
wu esandleni nasesiphongweni
senu,*[h] ngoba uJehova wasikhi-
pha eGibhithe ngesandla esina-
mandla.”

**17** Ngesikhathi uFaro ekhu-
lula abantu, uNkulunkulu aka-
baholanga ngendlela yezwe
lamaFilisti nakuba yayisedu-
ze. Ngoba uNkulunkulu wa-
thi: “Kungenzeka abantu ba-
shintshe umqondo lapho be-
bhekana nempi bese bebuyela
eGibhithe.” **18** Ngakho uNku-
lunkulu wenza ukuba abantu
bazungeze ngendlela yasehla-
ne lasoLwandle Olubomvu.[a]
Kodwa ama-Israyeli akhuphu-
ka ezweni laseGibhithe nge-
ndlela ehlelekile, njengeqembu
lamasosha. **19** UMose watha-
tha namathambo kaJosefa,
ngoba uJosefa wayewafungisi-
le nokuwafungisa amadoda-
na ka-Israyeli, wathi: “UNkulu-
nkulu ngeke ahluleke ukunina-
ka futhi kumele nithathe ama-
thambo ami niphume nawo la-
pha.”[b] **20** Basuka eSukoti ba-
gxumeka amatende e-Ethamu,
emaphethelweni ehlane.

**21** UJehova wayehamba pha-
mbi kwawo emini ewahola nge-
nsika yefu,[c] ebusuku ewahola
ngensika yomlilo endleleni uku-
ze awanike ukukhanya futhi
akwazi ukuhamba emini nase-
busuku.[d] **22** Insika yefu yayi-
ngasuki phambi kwabantu emi-
ni, nensika yomlilo yayingasuki
ebusuku.[e]

**14** UJehova wathi kuMo-
se: **2** “Tshela ama-Isra-
yeli ukuthi kufanele aphendu-
ke agxumeke amatende awo
phambi kwePhihahiroti, pha-
kathi kweMigidoli nolwa-
ndle, ebheke eBhali-zefoni.[f]
Nizogxumeka amatende enu
abheke ngakulo ngasolwandle.
**3** UFaro uzothi ngama-Israye-
li, ‘Bayazulazula baphithene.
Ihlane libavalele.’ **4** Ngizoyi-
vumela inhliziyo kaFaro uku-
ba ibe lukhuni,[g] uzowajaha fu-
thi mina ngizokhazimulisa iga-
ma lami ngokunqoba uFaro
nawo wonke amabutho akhe;[h]
nakanjani abaseGibhithe bazo-
kwazi ukuthi nginguJehova.”[i]
Ngakho yilokho abakwenza.

ISAHL. 13
a Eks 12:24, 25
b Gen 15:18
c Eks 22:29
Eks 34:19, 20
Lev 27:26
Num 3:13
Luk 2:22, 23
d Num 18:15
e Dut 7:7, 8
f Eks 5:2
g Eks 12:29
Hu 78:51
h Dut 11:18

Uhla 2
a Eks 14:2, 3
Num 33:5
b Gen 50:24, 25
Jos 24:32
Heb 11:22
c Eks 14:19
d Num 9:15
Hu 78:14
e Hu 105:39
1Ko 10:1

ISAHL. 14
f Eks 13:17, 18
g Eks 7:13
Rom 9:17, 18
h Eks 9:15, 16
Eks 15:11
Eks 18:10, 11
Jos 2:9, 10
i Eks 7:5
Eks 8:22

**13:12** *NgesiHebheru, “bonke abavula isibeletho.” **13:15** *NgesiHebheru, “ngayo yonke into evula isibeletho.” **13:16** *NgesiHebheru, “naphakathi kwamehlo enu.”

**5** Kamuva kwabikwa enkosi-
ni yaseGibhithe ukuthi abantu
babalekile. Ngaso leso sikhathi
inhliziyo kaFaro neyezinceku
zakhe yashintsha,[a] bathi: "Si-
yenzeleni le nto, ukuba sikhu-
lule ama-Israyeli angabe esa-
ba izigqila zethu?" **6** Ngakho
walungisa izinqola zakhe ze-
mpi, wahamba nabantu bakhe.[b]
**7** Wathatha izinqola ezikhe-
thekile ezingu-600 nazo zonke
ezinye izinqola zaseGibhithe
kukhona amaqhawe kuzo zo-
nke. **8** UJehova wayivumela
inhliziyo kaFaro inkosi yaseGi-
bhithe ukuba ibe lukhuni, wa-
wajaha ama-Israyeli ngesikha-
thi wona ephuma ngeqholo*[c]
ezweni. **9** AbaseGibhithe ba-
wajaha[d] futhi wonke amahha-
shi nezinqola zikaFaro nama-
butho ayegibele amahhashi na-
mabutho akhe empi ayesezoba-
fica ngesikhathi bemise amate-
nde abo ngasolwandle, nga-
sePhihahiroti eduze kweBhali-
zefoni.

**10** Lapho uFaro esondela,
ama-Israyeli aphakamisa ame-
hlo awo abona abaseGibhi-
the bewajaha. Ama-Israyeli esa-
ba kakhulu aqala ukukhala ku-
Jehova.[e] **11** Athi kuMose: "Yi-
ngoba zingekho yini izindawo
zokungcwaba eGibhithe nje-
ngoba usilethe lapha ukuba
sifele ehlane?[f] Yini le ose-
nze yona ngokusihola usikhiphe
eGibhithe? **12** Asikutshelanga
yini into efanayo eGibhithe, la-
pho sithi, 'Siyeke sikhonze aba-
seGibhithe'? Ngoba kungcono
kithi ukuba sikhonze abaseGi-
bhithe kunokuba sifele ehlane."[g]
**13** UMose wathi kubantu: "Ni-
ngesabi.[h] Yimani niqine nibone
insindiso kaJehova azonenzela
yona namuhla.[i] Ngoba laba
bantu baseGibhithe enibabona-
yo namuhla ngeke niphinde
nibabone.[a] **14** UJehova ngo-
kwakhe uzonilwela,[b] nina nizo-
thula."

**15** UJehova manje wathi ku-
Mose: "Kungani ulokhu ungi-
khalela? Tshela ama-Israye-
li ukuthi kufanele aqhubeke
nendlela yawo. **16** Wena, pha-
kamisa induku yakho welulele
isandla sakho phezu kolwandle
uluhlukanise phakathi, ukuze
ama-Israyeli anqamule ulwa-
ndle emhlabathini owomile.
**17** Kodwa mina, ngivumela izi-
nhliziyo zabaseGibhithe uku-
ba zibe nenkani, ukuze bange-
ne bawalandele; mina ngikha-
zimulise igama lami ngokunqo-
ba uFaro nawo wonke amabu-
tho akhe, izinqola zakhe zempi
namabutho akhe agibele ama-
hhashi.[c] **18** Nakanjani abase-
Gibhithe bazokwazi ukuthi ngi-
nguJehova lapho ngikhazimuli-
sa igama lami ngokunqoba uFa-
ro, izinqola zakhe zempi na-
mabutho akhe agibele amahha-
shi."[d]

**19** Ingelosi kaNkulunkulu
weqiniso[e] eyayihamba pha-
mbi kwama-Israyeli yabe isisuka
yaya emva kwawo, nensika yefu
eyayiphambi kwawo yasuka ya-
yoma emva kwawo.[f] **20** Nga-
kho yaba phakathi kwabaseGi-
bhithe nabakwa-Israyeli.[g] Nga-
kolunye uhlangothi, yaba yifu
elimnyama. Kolunye uhlangothi,
yayikhanyisa ebusuku.[h] Ngakho
la maqembu awazange asonde-
lane ubusuku bonke.

**21** UMose wabe eselulela isa-
ndla sakhe phezu kolwandle;[i]
uJehova wahlehlisa ulwandle
ngomoya wasempumalanga ona-
mandla ubusuku bonke, wagu-
qula ulwandle lwaba umhla-
bathi owomile,[j] amanzi ahluka-
na phakathi.[k] **22** Ngakho ama-

---

**14:8** *NgesiHebheru, "enesandla esi-phakanyisiwe."

**ISAHL. 14**

*a* Eks 12:33
*b* Eks 14:23
*c* Num 33:3
*d* Eks 15:9
*e* Jos 24:6, 7; Neh 9:9
*f* Eks 16:3; Eks 17:3; Num 14:2-4; Hu 106:7
*g* Eks 5:21; Eks 6:6, 9
*h* Num 14:9; Dut 20:3; 2Kr 20:15, 17; Hu 27:1; Hu 46:1; Isay 41:10
*i* 2Kr 20:17

**Uhla 2**

*a* Eks 14:30; Eks 15:5; Hu 136:15
*b* Dut 1:30; Dut 20:4; 2Kr 20:29
*c* Eks 9:15, 16
*d* Eks 14:4; Rom 9:17, 18
*e* Gen 48:16; Eks 32:34; Num 20:16; Jud 9
*f* Eks 13:21
*g* Jos 24:6, 7
*h* Hu 105:39
*i* Eks 14:16; IzE 7:36
*j* Jos 2:9, 10; Hu 66:6; Hu 106:9; Hu 114:3
*k* Neh 9:10, 11; Hu 78:13; Hu 136:13; Isay 63:12

Israyeli anqamula ulwandle em-
hlabathini owomile,[a] amanzi
aba udonga kwesokudla na-
kwesobunxele sawo.[b] **23** Aba-
seGibhithe bawalandela; wo-
nke amahhashi kaFaro, izi-
nqola zakhe zempi namabu-
tho akhe agibele amahhashi ba-
ngena phakathi olwandle bewa-
landela.[c] **24** Phakathi nomli-
ndo wasekuseni,* uJehova walu-
nguza abaseGibhithe esensi-
keni yomlilo nefu,[d] wabaphi-
thanisa amakhanda abaseGibhi-
the. **25** Wayelokhu ekhumula
amasondo ezinqoleni zabo za-
hamba kanzima, abaseGibhithe
babethi: "Masibaleke singaloko-
thi sithintane nama-Israyeli ngo-
ba uJehova uyawalwela kwaba-
seGibhithe."[e]

**26** Ngemva kwalokho uJeho-
va wathi kuMose: "Yelulela isa-
ndla sakho phezu kolwandle
ukuze amanzi abuyele phezu
kwabaseGibhithe, izinqola zabo
zempi namabutho abo agibe-
le amahhashi." **27** UMose wa-
selula ngaso leso sikhathi isa-
ndla sakhe phezu kolwandle,
njengoba kwase kusa, ulwa-
ndle lwaqala ukubuyela esi-
mweni salo esivamile. Njengo-
ba abaseGibhithe babelubale-
kela, uJehova wabaphonsa pha-
kathi olwandle abaseGibhithe.[f]
**28** Amanzi abuya amboza izi-
nqola zempi, amabutho agibele
amahhashi nawo wonke amabu-
tho kaFaro ayengene olwandle
elandela ama-Israyeli.[g] Akukho
ngisho noyedwa phakathi kwa-
bo owasinda.[h]

**29** Kodwa ama-Israyeli aha-
mba emhlabathini owomile
phakathi olwandle,[i] amanzi aba
udonga kwesokudla nakwe-
sobunxele sawo.[j] **30** Ngakho
uJehova wawasindisa ngalo-
lo suku ama-Israyeli esandle-
ni sabaseGibhithe,[a] ama-Isra-
yeli abona abaseGibhithe be-
file ogwini lolwandle. **31** U-
Israyeli wabona namandla*
amakhulu uJehova awasebe-
nzisa kwabaseGibhithe, aba-
ntu baqala ukumesaba uJeho-
va nokuba nokholo kuJehova
nasencekwini yakhe uMose.[b]

**15** Ngaleso sikhathi uMose
nama-Israyeli baculela
uJehova le ngoma:[c]

"Mangiculele uJehova
ngoba uye waphakama
kakhulu.[d]
Ihhashi nomgibeli walo
ukuphonse olwandle.[e]
**2** UJah* ungamandla ami ne-
zikhwepha zami, ngoba
uyangisindisa.[f]
Lona uNkulunkulu wami,
ngizomdumisa;[g] uNkulu-
nkulu kababa,[h] ngizom-
phakamisa.[i]
**3** UJehova uyiqhawe elina-
mandla.[j] NguJehova iga-
ma lakhe.[k]
**4** Izinqola zikaFaro nebutho
lakhe ukuphonse olwa-
ndle,[l]
Namaqhawe akhe ekhethe-
lo acwiliswe oLwandle
Olubomvu.[m]
**5** Amanzi agubhayo abambo-
za; behlela ekujuleni nje-
ngetshe.[n]
**6** Isandla sakho sokudla,
Jehova, sinamandla
amakhulu;[o]
Isandla sakho sokudla,
Jehova, singaphihliza
isitha.
**7** Ngobukhulu bakho obu-
babazekayo ungabawisa
labo abakuvukelayo;[p]

---

**14:24** *Okuwukuthi, cishe ngo-2:00 entathakusa kuya ku-6:00 ekuseni.

**14:31** *NgesiHebheru, "nesandla."
**15:2** *Elithi "Jah" liyisifushaniso segama elithi Jehova.

---

ISAHL. 14
*a* 1Ko 10:1, Heb 11:29
*b* Eks 15:8
*c* Eks 14:17
*d* Eks 13:21
*e* Eks 14:4
*f* Eks 15:1, 4
*g* Eks 15:5, 10, Dut 11:3, 4, Jos 24:6, 7, Neh 9:10, 11, Hu 78:53, Heb 11:29
*h* Eks 14:13, Hu 106:11, Hu 136:15
*i* Hu 77:19
*j* Eks 15:8

Uhla 2
*a* Dut 4:20, Hu 106:8-11
*b* Eks 4:31, Eks 19:9, Hu 106:12

ISAHL. 15
*c* Hlu 5:1, 2Sa 22:1, IsA 15:3
*d* Eks 9:16, Eks 18:10, 11, Hu 106:11, 12
*e* Eks 15:21, Hu 136:15
*f* Isay 12:2
*g* 2Sa 22:47, Isay 25:1
*h* Eks 3:15
*i* Hu 83:18, Hu 148:13
*j* Hu 24:8
*k* Eks 6:3, Isay 42:8
*l* Eks 14:27
*m* Eks 14:6, 7
*n* Neh 9:10, 11
*o* Hu 60:5, Hu 89:13
*p* Isay 37:23

Uthumela intukuthelo yakho evuthayo, ibadla ibaqede njengezinhlanga.
8 Ngomoya ophuma emakhaleni akho amanzi abuthelwa ndawonye;
Ama, avimba izikhukhula;
Amanzi agubhayo ajiya phakathi nolwandle.
9 Isitha sathi: 'Ngizobajaha! Ngizobafica!
Ngizohlukanisa impahla ephangiwe ngize nganeliseke!
Ngizohosha inkemba yami! Isandla sami sizobanqoba!'[a]
10 Wafutha ngomoya wakho, ulwandle lwabamboza;[b]
Bacwila njengomthofu emanzini amaningi.
11 Ubani onjengawe, Jehova,[c] phakathi konkulunkulu?
Ubani onjengawe, omkhulu ngobungcwele?[d]
Lowo okumele esatshwe ngezingoma zokudumisa,
Lowo owenza izimangaliso.[e]
12 Welula isandla sakho sokudla, umhlaba wabagwinya.[f]
13 Ngothando lwakho oluqotho uhole abantu obathengile;[g]
Ngamandla akho uzobaqondisa endaweni yakho engcwele yokuhlala.
14 Izizwe kumele zizwe;[h] ziyoqhaqhazela;
Abakhe eFilistiya bayokhathazeka kakhulu.*
15 Ngaleso sikhathi abaholi bakwa-Edomi bayokwethuka,
Ababusi abanamandla* bakwaMowabi bayoqhaqhazela.[i]
Bonke abakhe eKhanani bayophela amandla.[a]
16 Ukwesaba novalo kuyokwehlela phezu kwabo.[b]
Ngenxa yobukhulu bengalo yakho bayokuma banganyakazi njengetshe
Size sidlule isizwe sakho Jehova,
Size sidlule isizwe sakho osenzile.[c]
17 Uyosiletha usitshale entabeni yefa lakho,[d]
Indawo emisiwe oyilungisele ukuba uhlale kuyo Jehova,
Indawo engcwele Jehova, izandla zakho eziyimisile.
18 UJehova uyobusa njengenkosi kuze kube phakade naphakade.[e]
19 Lapho amahhashi kaFaro kanye nezinqola zakhe zempi namabutho akhe agibele amahhashi kungena olwandle,[f]
UJehova wabuyisa amanzi olwandle phezu kwabo,[g]
Kodwa abantu bakwa-Israyeli bahamba emhlabathini owomile benqamula ulwandle."[h]

20 UMiriyamu umprofethi-
kazi, udadewabo ka-Aroni, wadlala ithamborini, bonke abesifazane bamlandela namathamborini bedansa.
21 UMiriyamu wacula enanela emadodeni ethi:

"Culela uJehova ngoba uphakeme kakhulu.[i]
Ihhashi nomgibeli walo ukuphonse olwandle."[j]

22 Kamuva uMose wahola ama-Israyeli ewasusa oLwandle Olubomvu, aya ehlane laseShuri ahamba ehlane izinsuku ezintathu, kodwa awawatholanga amanzi.
23 Afika eMa-

15:14 *NgesiHebheru, "bayoba nemihelo." 15:15 *Noma, "abanonya."

ISAHL. 15
a Eks 14:5, 9
b Eks 14:21, 28
c Dut 3:24; 2Sa 7:22
d Isay 6:3
e Eks 11:9
f Hu 78:53; Heb 11:29
g Hu 106:10
h Num 14:13, 14
i Num 22:1, 3

Uhla 2
a Jos 2:9-11; Jos 5:1
b Dut 11:25
c Num 20:14, 17; Num 21:21, 22; 2Sa 7:23; Isay 43:1
d Hu 80:8
e Hu 10:16
f Eks 14:23
g Eks 14:28
h Eks 14:22
i Eks 9:16; Eks 18:11
j Eks 14:27, 28; Hu 106:11, 12

ra,*[a] kodwa awakwazanga uku-
phuza amanzi aseMara ngoba
ayebaba. Yingakho yaqanjwa
ngokuthi iMara. **24** Ngakho
abantu baqala ukububula ngo-
Mose,[b] bathi: "Sizophuzani?"
**25** Wakhala kuJehova,[c] uJeho-
va wamqondisa esihlahleni esi-
ncane. Lapho uMose esiphonsa
emanzini, amanzi aba mtoti.

Kuleyo ndawo uNkulunkulu
wabamisela umthetho necala
eliwumhlahlandlela, wabavivi-
nya.[d] **26** Wathi: "Uma uzolila-
lelisisa izwi likaJehova uNkulu-
nkulu wakho, wenze okulungile
emehlweni akhe, ulalele imiya-
lo yakhe, ugcine yonke imithe-
tho yakhe,[e] ngeke ngehlisele
kuwe nesisodwa sezifo engize-
hlisele kwabaseGibhithe;[f] ngo-
ba mina Jehova ngiyakwela-
pha."[g]

**27** Ngemva kwalokho bafika
e-Elimi, lapho kwakukhona izi-
phethu zamanzi ezingu-12 nezi-
hlahla zesundu ezingu-70. Nga-
kho bamisa amatende lapho
ngasemanzini.

**16** Ngemva kokusuka e-Eli-
mi, yonke inhlangano
yama-Israyeli yagcina ifikile
ehlane laseSini,[h] eliphakathi
kwe-Elimi neSinayi, ngosuku
luka-15 lwenyanga yesibili nge-
mva kokusuka kwayo ezweni
laseGibhithe.

**2** Yonke inhlangano yama-
Israyeli yaqala ukububula
ngoMose no-Aroni ehlane.[i]
**3** Ama-Israyeli ayelokhu ethi
kubo: "Ukube nje safa ngesa-
ndla sikaJehova ezweni lase-
Gibhithe lapho sasihlala kho-
na ngasemabhodweni enyama,[j]
sidla isinkwa size sisuthe. Ma-
nje nisilethe kuleli hlane ukuze
nibulale lonke leli bandla nge-
ndlala."[k]

**4** Ngemva kwalokho uJehova
wathi kuMose: "Bheka nginehli-
sela isinkwa esivela emazulwi-
ni njengemvula,[a] umuntu nga-
munye kufanele aphume ayobu-
tha isilinganiso sakhe usuku no-
suku,[b] ukuze ngibavivinye ngi-
bone ukuthi bazohamba yini
emthethweni wami noma cha.[c]
**5** Kodwa ngosuku lwesithupha[d]
kufanele babuthe isilinganiso
esiphindwe kabili kulokho aba-
kubutha ngezinye izinsuku,[e] ba-
kulungise kusengaphambili."

**6** Ngakho uMose no-Aroni
bathi kuwo wonke ama-Israye-
li: "Kusihlwa nakanjani nizokwa-
zi ukuthi nguJehova onikhiphe
ezweni laseGibhithe.[f] **7** Ekuse-
ni nizoyibona inkazimulo ka-
Jehova ngoba uJehova uku-
zwile ukububula kwenu ngaye.
Siyini thina ukuba ningabubu-
la ngathi?" **8** UMose waqhube-
ka wathi: "Lapho uJehova eni-
nika inyama ukuba nidle ku-
sihlwa nesinkwa ekuseni ukuze
nisuthe, nizobona ukuthi uJe-
hova ukuzwile ukububula kwe-
nu ngaye. Kodwa singobani thi-
na? Anibubuli ngathi kodwa ni-
bubula ngoJehova."[g]

**9** UMose wabe esethi ku-
Aroni: "Tshela yonke inhlanga-
no yama-Israyeli uthi, 'Sonde-
lani phambi kukaJehova ngo-
ba ukuzwile ukububula kwe-
nu.'"[h] **10** Ngokushesha nje la-
pho u-Aroni esekhulume nayo
yonke inhlangano yama-Israyeli,
baphenduka babheka ngasehla-
ne, inkazimulo kaJehova yabo-
nakala efwini.[i]

**11** UJehova wakhuluma no-
Mose, wathi: **12** "Ngikuzwile
ukububula kwama-Israyeli.[j] Khu-
luma nawo, uthi, 'Lapho seku-
hwalele* nizodla inyama kuthi

ISAHL. 15
*a* Num 33:8
*b* Eks 16:2, 3; Eks 17:3; 1Ko 10:6, 10
*c* Eks 17:4
*d* Eks 16:4; Dut 8:2
*e* Dut 28:1
*f* Dut 7:12, 15
*g* Eks 23:25; Hu 103:3

ISAHL. 16
*h* Num 33:10, 11
*i* Eks 15:24; 1Ko 10:6, 10
*j* Num 11:4; Num 14:2, 3
*k* Eks 17:3; Num 16:13

Uhla 2
*a* Hu 78:24, 25; Hu 105:40; Joh 6:31, 32; Joh 6:58; 1Ko 10:1, 3
*b* Mat 6:11
*c* Dut 8:2
*d* Eks 35:2
*e* Eks 16:22
*f* Eks 6:7; Num 16:28, 29
*g* Num 21:7; 1Sa 8:7
*h* Eks 16:2; Num 11:1
*i* Eks 13:21; Num 16:19; Mat 17:5
*j* Num 14:27

**15:23** *Incazelo: "Ukubaba."

**16:12** *NgesiHebheru, "Phakathi kokuhlwa okubili."

ekuseni nidle isinkwa nisu-
the,[a] nakanjani nizokwazi uku-
thi ngingu Jehova uNkulunkulu
wenu.'"[b]
13 Kwathi kusihlwa kwafika
izagwaca* zamboza ikamu,[c]
ekuseni kwase kunamazolo
kulo lonke ikamu. 14 Lapho
amazolo ehwamuka, kwaku-
khona into ecolekile eyizi-
ngcwecwana ehlane,[d] icoleke
njengesithwathwa emhlabathi-
ni. 15 Lapho ama-Israyeli eyi-
bona, athi omunye komunye,
"Kuyini lokhu?" ngoba ayenga-
zi ukuthi kuyini. UMose wathi
kuwo: "Yisinkwa uJehova ani-
nike sona ukuba sibe ukudla.[e]
16 Yilokhu uJehova akuyali-
le, 'Umuntu ngamunye kufane-
le abuthe esilingana nalokho
angakudla. Kumele nithathe i-
omere*[f] lomuntu ngamunye
ngokwesibalo sabantu umu-
ntu ngamunye anabo etendeni
lakhe.'" 17 Ama-Israyeli aqala
ukwenza kanjalo; asibutha,
abanye bebutha esiningi aba-
nye bebutha esincane. 18 La-
pho besikala nge-omere, owa-
yebuthe esiningi akabanga ne-
nsalela nowayebuthe esincane
akantulanga.[g] Ngamunye wabu-
tha esilingana nalokho angaku-
dla.
19 UMose wathi kubo: "Ake-
kho okufanele asishiye kuze
kube sekuseni."[h] 20 Kodwa
abamlalelanga uMose. Kwaku-
thi lapho abanye besishiya
kuze kube sekuseni, sigcwa-
le izibungu futhi sinuke, uMose
wabathukuthelela. 21 Babesi-
butha njalo ekuseni, ngamunye
ngokulingana nalokho angaku-
dla. Lapho ilanga selishisa, sa-
sincibilika.

22 Ngosuku lwesithupha ba-
butha isilinganiso sesinkwa
esiphindwe kabili,[a] ama-omere
amabili umuntu emunye. Nga-
kho zonke izikhulu zenhla-
ngano zeza zabika kuMose.
23 Wathi kuzo: "Yilokho uJe-
hova akushilo. Kusasa nizo-
phumula ngokuphelele,* kuzo-
ba isabatha elingcwele kuJeho-
va.[b] Eningakubhaka, kubhake-
ni, nalokho eningakubilisa, ku-
biliseni;[c] noma ikuphi okusele
kugcineni kuze kube sekuseni."
24 Ngakho bakugcina kwaze
kwaba sekuseni, njengoba nje
uMose ayeyalile, akunukanga
futhi akubanga nazimpethu.
25 UMose wathi: "Yidlani kona
namuhla ngoba namuhla yisa-
batha kuJehova. Namuhla nge-
ke nikuthole phansi. 26 Ni-
yokubutha izinsuku eziyisithu-
pha, kodwa ngosuku lwesikho-
mbisa, iSabatha,[d] ngeke kube
khona." 27 Nokho, abanye ba-
phuma beyokubutha ngosuku
lwesikhombisa, kodwa abatho-
langa lutho.
28 Ngakho uJehova wathi
kuMose: "Kuyoze kube nini ne-
nqaba ukugcina imiyalo yami
nemithetho yami?[e] 29 Khu-
mbulani ukuthi uJehova unini-
ke iSabatha.[f] Yingakho enini-
ka isinkwa sezinsuku ezimbi-
li ngosuku lwesithupha. Wo-
nke umuntu makahlale lapho
ekhona; akekho okumele asuke
endaweni yakhe ngosuku lwe-
sikhombisa." 30 Ngakho aba-
ntu baligcina iSabatha* ngosu-
ku lwesikhombisa.[g]
31 Indlu ka-Israyeli yaqa-
mba lesi sinkwa ngokuthi "ima-
na."* Sasimhlophe njengembe-
wu yekoriyanderi, sinambithe-

ISAHL. 16
a Hu 105:40
b Eks 4:5; Eks 6:7
c Num 11:31, 34; Hu 78:27-29
d Num 11:7; Dut 8:3; Neh 9:15
e Num 21:5; Dut 8:14, 16; Jos 5:11, 12; Joh 6:31, 32; Joh 6:58; 1Ko 10:1, 3
f Eks 16:36
g 2Ko 8:15
h Mat 6:11, 34

Uhla 2
a Eks 16:5
b Eks 20:8; Eks 31:15; Eks 35:2; Lev 23:3
c Num 11:7, 8
d Eks 20:9, 10; Eks 31:13; Dut 5:15
e Num 14:11; Hu 78:10; Hu 106:13
f Eks 31:13
g Lev 23:3; Dut 5:13, 14

**16:13** *Uhlobo oluthile lwenyoni. **16:16** *Cishe lilingana no-2,2 L. Bheka iSithasiselo B14.

**16:23** *Noma, "nizogcina isabatha." **16:30** *Noma, "baphumula." **16:31** *Kungenzeka livela enkulumweni yesiHebheru ethi "Kuyini lokhu?"

ka njengamakhekhe ayisicaba anoju.[a] **32** Khona-ke uMose wathi: "Yilokhu uJehova akuyalile, 'Sigcwalise esikalini se-omere njengento okumele ilondolozwe kuzo zonke izizukulwane zenu,[b] ukuze zisibone isinkwa enganinika sona ukuba nisidle ehlane lapho nginikhipha ezweni laseGibhithe.'" **33** Ngakho uMose wathi ku-Aroni: "Thatha isitsha ufake kuso imana engangesilinganiso se-omere ukubeke phambi kukaJehova njengento okumele ilondolozwe kuzo zonke izizukulwane zenu."[c] **34** Njengoba nje uJehova ayeyale uMose, u-Aroni wakubeka phambi kobuFakazi[d] ukuze kulondolozwe. **35** Ama-Israyeli adla imana iminyaka engu-40,[e] kwaze kwaba yilapho efika ezweni elakhiwe.[f] Adla imana kwaze kwaba yilapho efika emngceleni wezwe laseKhanani.[g] **36** I-efa* lilingana nama-omere ayishumi.

**17** Yonke inhlangano yama-Israyeli yasuka ehlane laseSini,[h] yahamba ingxenye ethile ngokomyalo kaJehova,[i] yagxumeka amatende eRefidimi.[j] Kodwa kwakungekho manzi abantu ababengawaphuza.

**2** Ngakho abantu baqala ukuxabana noMose[k] bathi: "Sinike amanzi siphuze." Kodwa uMose wathi kubo: "Kungani nixabana nami? Kungani nilokhu nivivinya uJehova?"[l] **3** Kodwa abantu babomele amanzi kakhulu lapho, babelokhu bebubula ngoMose[m] bethi: "Usikhipheleni eGibhithe uzosibulala ngokoma thina nabantwana bethu nemfuyo yethu?" **4** Ekugcineni uMose wakhala kuJehova, wathi: "Kufanele ngenzenjani ngalaba bantu? Sekusele kancane bangishaye ngamatshe!"

**5** UJehova wathi kuMose: "Hamba phambi kwabantu, uthathe amanye amadoda amadala akwa-Israyeli kanye nenduku yakho owashaya ngayo uMfula iNayile.[a] Yiphathe ngesandla uqhubeke uhamba. **6** Ngizobe ngimi phambi kwakho laphaya edwaleni eHorebe. Kumele ushaye idwala, kuzophuma amanzi kulo, abantu bawaphuze."[b] UMose wenza kanjalo phambi kwamadoda amadala akwa-Israyeli. **7** Ngakho waqamba leyo ndawo ngokuthi iMasa*[c] neMeriba,#[d] ngenxa yokuxabana kwama-Israyeli noMose nangenxa yokuvivinya kwawo uJehova,[e] ethi: "Ingabe uJehova ukhona phakathi kwethu noma cha?"

**8** Ngemva kwalokho kwafika ama-Amaleki[f] alwa no-Israyeli eRefidimi.[g] **9** UMose wathi kuJoshuwa:[h] "Sikhethele amadoda uphume uyolwa nama-Amaleki. Kusasa ngizokuma esiqongweni segquma, ngiphethe induku kaNkulunkulu weqiniso." **10** UJoshuwa wenza njengoba nje uMose ayemtshelile,[i] walwa nama-Amaleki. UMose no-Aroni noHure[j] bakhuphukela esiqongweni segquma.

**11** Uma nje uMose ayeqhubeka ephakamise izandla, ama-Israyeli ayeba namandla; kodwa kwakuthi nje lapho ezehlisa, ama-Amaleki abe namandla. **12** Lapho izandla zikaMose zikhathala, bathatha itshe balibeka ngaphansi kwakhe, wahlala phezu kwalo. U-Aroni noHure

**ISAHL. 16**
*a* Eks 16:15; Num 11:7
*b* Hu 105:5, 40
*c* Heb 9:4
*d* Eks 27:21
*e* Dut 8:2; Neh 9:21; Hu 78:24
*f* Jos 5:11, 12
*g* Num 33:48; Dut 34:1

**ISAHL. 17**
*h* Num 33:12
*i* Num 33:2
*j* Num 33:14
*k* Eks 5:19, 21; Num 14:2, 3; Num 20:3
*l* Num 14:22; Hu 78:18, 22; Hu 106:14
*m* Eks 16:2, 3

**Uhla 2**
*a* Eks 7:20
*b* Num 20:8; Dut 8:14, 15; Neh 9:15; Hu 78:15; Hu 105:41; 1Ko 10:1, 4
*c* Dut 9:22
*d* Hu 81:7
*e* Dut 6:16; Hu 95:8, 9; Heb 3:8, 9
*f* Gen 36:12
*g* Dut 25:17; 1Sa 15:2
*h* Num 11:28
*i* Jos 11:15
*j* Eks 24:13, 14

**16:36** *I-efa lalilingana no-22 L. Bheka iSithasiselo B14.

**17:7** *Incazelo: "Ukuvivinya." #Incazelo: "Ukuxabana."

basekela izandla zakhe, omu-
nye engapha nomunye enga-
pha, izandla zakhe zama za-
nganyakaza laze lashona ilanga.
**13** Ngakho uJoshuwa wamnqo-
ba u-Amaleki nabantu bakhe
ngenkemba.[a]

**14** Manje uJehova wathi ku-
Mose: "Bhala lokhu encwadi-
ni njengesikhumbuzo, uphinde
ukusho kuJoshuwa, 'Ngizowa-
qeda nya ama-Amaleki emhla-
beni futhi ngeke esakhunju-
lwa.'"[b] **15** UMose wabe esa-
kha i-altare waliqamba ngo-
kuthi iJehova-nisi,* **16** ethi:
"Ngenxa yokuthi isandla sika-
Amaleki silwa nesihlalo sobu-
khosi sikaJah,[c] uJehova uyoku-
lwa naye nazo zonke izizuku-
lwane zakhe ezizayo."[d]

**18** UJetiro umpristi wakwa-
Midiyani, umukhwe ka-
Mose,[e] wezwa ngakho ko-
nke uNkulunkulu ayekwenzele
uMose nabantu bakhe bakwa-
Israyeli, indlela uJehova aye-
khiphe ngayo u-Israyeli eGibhi-
the.[f] **2** UJetiro, umukhwe ka-
Mose, wayethathe uZiphora,
umkaMose, ngemva kokuba
ebuyiselwe kuye **3** kanye na-
madodana akhe amabili.[g] Enye
indodana yaqanjwa ngokuthi
uGereshomu,*[h] ngoba uMose
wathi, "Ngibe isifiki kwelinye
izwe," **4** enye yaqanjwa ngo-
kuthi u-Eliyezeri,* ngoba wathi,
"UNkulunkulu kababa ungu-
msizi wami ngoba wangikhulu-
la enkembeni kaFaro."[i]

**5** Ngakho uJetiro, umukhwe
kaMose, amadodana kaMose
nomkakhe baya kuMose ehla-
ne lapho ayegxumeke khona
itende entabeni kaNkulunku-
lu weqiniso.[a] **6** UJetiro wa-
thumela umyalezo kuMose wa-
thi: "Mina Jetiro umukhwe
wakho,[b] ngiza kuwe nomka-
kho namadodana akhe ama-
bili." **7** Ngaso leso sikhathi
uMose waphuma wayohlanga-
beza umukhwe wakhe, wakho-
thama wayesemqabula. Babu-
zana impilo, base bengena ete-
ndeni.

**8** UMose waxoxela umu-
khwe wakhe konke uJeho-
va ayekwenzile kuFaro naku-
lo iGibhithe ngenxa ka-Isra-
yeli,[c] nabo bonke ubunzima
ababebhekane nabo endleleni,[d]
nangendlela uJehova abakhulu-
la ngayo. **9** UJetiro wajabula
ngakho konke okuhle uJehova
ayekwenzele u-Israyeli ngokum-
khulula eGibhithe.* **10** Nge-
mva kwalokho uJetiro wathi:
"Makadunyiswe uJehova, oni-
khulule eGibhithe nakuFaro,
okhulule abantu ekulawulwe-
ni iGibhithe. **11** Manje ngiyazi
ukuthi uJehova mkhulu kuna-
bo bonke abanye onkulunkulu,[e]
ngenxa yalokho akwenzile ku-
labo ababezikhukhumeza kuba-
ntu bakhe." **12** Khona-ke uJe-
tiro, umukhwe kaMose walethe-
la uNkulunkulu umnikelo oshi-
swayo nemihlatshelo, u-Aroni
nawo wonke amadoda amadala
akwa-Israyeli beza bazodla uku-
dla nomukhwe kaMose phambi
kukaNkulunkulu weqiniso.

**13** Ngosuku olulandelayo,
uMose wahlala phansi njengo-
kujwayelekile ukuze akho-
nze njengomahluleli wabantu,
abantu babelokhu bemile pha-
mbi kukaMose kusukela ekuse-
ni kwaze kwahlwa. **14** Lapho
umukhwe kaMose ebona konke
lokho ayekwenzela abantu, wa-

ISAHL. 17
a Jos 11:12
b Num 24:20; Dut 25:19; 1Kr 4:42, 43
c IsA 19:1
d 1Sa 15:20; Est 9:24

ISAHL. 18
e Eks 2:16, 21; Eks 3:1
f Jos 2:9, 10; Jos 9:3, 9
g IzE 7:29
h Eks 2:22
i Eks 2:15

Uhla 2
a Eks 19:2; 1Kh 19:8, 9
b Eks 4:18; Num 10:29
c Eks 7:3; Eks 14:27, 28; Dut 4:34
d Eks 15:22; Eks 16:3
e Eks 15:11; Hu 95:3; Hu 97:9

**17:15** *Incazelo: "UJehova Uyinsika Yami Ewuphawu." **18:3** *Incazelo: "Isihambi Lapho." **18:4** *Incazelo: "UNkulunkulu Wami Ungumsizi."

**18:9** *NgesiHebheru, "esandleni saseGibhithe."

thi: “Yini lena oyenzela abantu?
Kungani uhlezi wedwa lapha
nabo bonke abantu bemi pha-
mbi kwakho kusukela ekuseni
kuze kuhlwe?” **15** UMose wa-
thi kumukhwe wakhe: “Kungo-
ba abantu balokhu beza kimi
bezocela isiqondiso sikaNkulu-
nkulu. **16** Uma kuba necala,
liza kimi futhi kumele ngahlu-
lele phakathi kwabantu ababi-
li, ngenze izinqumo zikaNkulu-
nkulu weqiniso nemithetho ya-
khe kwaziwe.”[a]

**17** Umukhwe kaMose wathi
kuye: “Akukuhle lokhu okwe-
nzayo. **18** Nakanjani uzokha-
thala, wena nalaba bantu aba-
nawe, ngoba kuwumthwalo om-
khulu kakhulu kuwe futhi nge-
ke ukwazi ukuwuthwala we-
dwa. **19** Manje ngilalele. Ngi-
zokweluleka futhi uNkulunku-
lu uzoba nawe.[b] Wena uzome-
lela abantu phambi kukaNkulu-
nkulu weqiniso,[c] ulethe amaca-
la kuNkulunkulu weqiniso.[d]
**20** Kufanele ubafundise izi-
qondiso nemithetho,[e] ubazi-
se indlela okufanele bahambe
ngayo nomsebenzi okufanele
bawenze. **21** Kodwa wena ku-
fanele ukhethe kubantu ama-
doda anekhono[f] esaba uNku-
lunkulu, amadoda athembekile
azonda ukuzuza ngokungathe-
mbeki,[g] uwamise phezu kwabo
abe izinduna zezinkulungwane,
izinduna zamakhulu, izinduna
zamashumi amahlanu nezindu-
na zamashumi.[h] **22** Kufanele
ahlulele abantu lapho kuba na-
macala,* azoletha kuwe wonke
amacala anzima,[i] kodwa yiwo-
na azokwenza isinqumo ema-
caleni amancane. Zenzele izi-
nto zibe lula ngokuwavumela
ukuba akuthwalise umthwalo.[j]
**23** Uma ukwenza lokhu fu-
thi noNkulunkulu ekuyala ka-
njalo, uzokwazi ukuwuthwala
lo mthwalo futhi wonke umu-
ntu uzobuyela ekhaya anelise-
kile.”

**24** Ngokushesha uMose wa-
mlalela umukhwe wakhe wa-
kwenza konke ayekushilo.
**25** UMose wakhetha amado-
da anekhono ku-Israyeli wo-
nke wawenza izinhloko phe-
zu kwabantu, aba izinduna ze-
zinkulungwane, izinduna za-
makhulu, izinduna zamashu-
mi amahlanu nezinduna za-
mashumi. **26** Ngakho ayehlu-
lela abantu lapho kuba namaca-
la. Icala elinzima ayeliletha ku-
Mose,[a] kodwa yiwona ayehlulela
kuwo wonke amacala amanca-
ne. **27** Ngemva kwalokho uMo-
se wamphelezela umukhwe wa-
khe,[b] wahamba waya ezweni la-
kubo.

**19** Ngenyanga yesithathu
ngemva kokuba ama-Isra-
yeli ephumile ezweni laseGi-
bhithe, ngalo lolo suku, afi-
ka ehlane laseSinayi. **2** Asu-
ka eRefidimi[c] afika ehlane la-
seSinayi agxumeka amatende
ehlane. U-Israyeli wagxumeka
amatende lapho phambi kwe-
ntaba.[d]

**3** UMose wabe esekhuphu-
kela kuNkulunkulu weqiniso,
uJehova wambiza esentabeni,[e]
wathi: “Yilokhu ozokusho endli-
ni kaJakobe nozokutshela ama-
Israyeli, **4** ‘Nina ngokwenu ni-
zibonele engikwenze kwaba-
seGibhithe,[f] ukuze nginithwa-
le ngamaphiko ezinkozi ngi-
nilethe kimi.[g] **5** Manje uma
nizolilalelisisa izwi lami ni-
gcine isivumelwano sami, na-
kanjani niyoba impahla yami
ekhethekile* kuzo zonke izi-
zwe[h] ngoba wonke umhlaba

**ISAHL. 18**
a Dut 4:5; Dut 5:1
b Jos 1:5, 17
c Eks 20:19
d Num 27:1-5
e Dut 7:11
f Num 11:16, 17; Dut 1:13; IzE 6:3
g Eks 23:8; 1Ti 3:2, 3; Tit 1:7; 1Pe 5:2
h Dut 1:15; IzE 14:23
i Lev 24:10, 11; Num 15:32, 33; Dut 1:17
j Num 11:17

**Uhla 2**
a IzE 15:2
b Num 10:29

**ISAHL. 19**
c Eks 17:1
d Eks 3:1, 12
e IzE 7:38
f Dut 4:34
g Dut 32:11, 12; Isay 63:9
h 1Kh 8:53; Hu 135:4

18:22 * NgesiHebheru, “ngaso sonke isikhathi.”

19:5 * Noma, “eyigugu.”

ungowami.[a] 6 Niyoba umbuso
wabapristi nesizwe esingcwele
kimi.'[b] Yilawa amazwi okumele
uwasho kuma-Israyeli."
7 Ngakho uMose wahamba
wabiza amadoda amadala ku-
bantu wawatshela wonke la
mazwi uJehova ayemyale nga-
wo.[c] 8 Bonke abantu baphe-
ndula ngazwi linye bathi: "Ko-
nke uJehova akukhulumile, si-
zimisele ukukwenza."[d] Ngo-
kushesha uMose wabuyisela
impendulo yabantu kuJeho-
va. 9 UJehova wathi kuMo-
se: "Lalela! Ngiza kuwe ngise-
fwini elimnyama ukuze abantu
bezwe lapho ngikhuluma nawe
futhi bakwethembe." Khona-ke
uMose wabikela uJehova ama-
zwi abantu.
10 Ngemva kwalokho uJe-
hova wathi kuMose: "Yana ku-
bantu, ubangcwelise namuhla
nakusasa futhi kumele bawa-
she izingubo zabo. 11 Kume-
le balungele usuku lwesitha-
thu, ngoba ngosuku lwesitha-
thu uJehova uzokwehlela phe-
zu kweNtaba iSinayi phambi
kwamehlo abo bonke aba-
ntu. 12 Kumele ubekele aba-
ntu imingcele izungeze yo-
nke intaba, uthi kubo, 'Qaphe-
lani ningakhuphukeli entabeni
noma nithinte umngcele wayo.
Noma ubani obeka unyawo lwa-
khe entabeni uyobulawa naka-
njani. 13 Akukho sandla oku-
mele simthinte, kodwa uyosha-
ywa ngamatshe noma acibishe-
lwe.* Kungakhathaliseki ukuthi
isilwane noma umuntu, ngeke
kuphile.'[e] Kodwa uma kukhala
uphondo lwenqama[f] bangakhu-
phukela entabeni."
14 UMose wabe esehla enta-
beni waya kubantu, waqala uku-
ngcwelisa abantu, bawasha izi-
ngubo zabo.[a] 15 Wathi kuba-
ntu: "Lungelani usuku lwesitha-
thu. Ningayi ocansini."*
16 Ekuseni ngosuku lwesi-
thathu laduma labanika, kwa-
ba nefu elikhulu[b] entabeni ka-
nye nomsindo omkhulu wopho-
ndo, bonke abantu ababe-
sekamu baqala ukuthuthume-
la.[c] 17 Manje uMose wabakhi-
pha abantu ekamu ukuze ba-
hlangane noNkulunkulu weqi-
niso, bama phansi kwenta-
ba. 18 INtaba iSinayi yashu-
nqa intuthu yonke indawo,
ngenxa yokuthi uJehova we-
hlela phezu kwayo esemli-
lweni;[d] intuthu yayo yayilo-
khu yenyuka njengentuthu ka-
hhonela, yonke intaba yaza-
mazama kakhulu.[e] 19 Njengo-
ba umsindo wophondo wawu-
qhubeka ukhula kakhulu, uMo-
se wakhuluma, uNkulunkulu
weqiniso wamphendula.
20 UJehova wehlela phezu
kwesiqongo seNtaba iSinayi.
UJehova wabizela uMose esi-
qongweni sentaba, uMose we-
nyuka.[f] 21 UJehova wathi ku-
Mose: "Yehla, uxwayise aba-
ntu ukuba bangazami ukufo-
hla bezobona uJehova, ku-
ngenjalo abaningi kubo bazo-
shabalala. 22 Abapristi aba-
sondela njalo kuJehova ma-
bazingcwelise ukuze uJeho-
va angababulali."*[g] 23 UMose
wathi kuJehova: "Abantu aba-
kwazi ukukhuphukela eNtabe-
ni iSinayi ngoba wena usixwa-
yisile kakade, wathi, 'Beka imi-
ngcele izungeze intaba, wenze
intaba ibe ngcwele.'"[h] 24 No-
kho, uJehova wathi kuye: "Ha-
mba, yehla, futhi ubuye ukhu-
phuke, wena no-Aroni, kodwa

ISAHL. 19
a Dut 10:14
b Lev 11:44 Dut 7:6 1Pe 2:9 IsA 5:9, 10
c Eks 24:3
d Eks 24:7 Jos 24:24
e Heb 12:20
f Eks 20:18

Uhla 2
a Eks 19:10
b Dut 4:11 1Kh 8:12 Hu 97:2
c Heb 12:18-21
d Eks 24:17 Dut 4:11, 12 2Kr 7:1-3
e Hu 68:8
f Eks 24:12
g Lev 10:1, 2 1Kr 13:10
h Eks 19:12

19:13 *Mhlawumbe acibishelwe ngomcibisholo.

19:15 *NgesiHebheru, "Ningayi kumuntu wesifazane." 19:22 *NgesiHebheru, "angabathelekeli."

ungabavumeli abapristi naba-
ntu ukuba bafohle bakhuphu-
kele kuJehova, ukuze anga-
babulali."[a] **25** Ngakho uMose
wehlela kubantu wabatshela.

**20** UNkulunkulu wakhuluma
wonke la mazwi, wathi:[b]
**2** "NginguJehova uNkulu-
nkulu wakho, owakukhipha
ezweni laseGibhithe, endli-
ni yobugqila.[c] **3** Akumele ube
nabanye onkulunkulu ngapha-
ndle kwami.*[d]
**4** "Ungazenzeli umfanekiso
obaziwe nanoma yini efana
nento* ephezulu emazulwini
noma esemhlabeni noma ese-
manzini ngaphansi komhla-
ba.[e] **5** Ungakukhothameli fu-
thi ungayengelwa ukuba uku-
khonze,[f] ngoba mina Jehova
uNkulunkulu wakho, ngingu-
Nkulunkulu ofuna abantu ba-
zinikele kuye kuphela,[g] oletha
isijeziso ngenxa yesiphambe-
ko soyise kubantwana, esizu-
kulwaneni sesithathu nesesine
salabo abangizondayo, **6** ko-
dwa obonisa uthando oluqotho
esizukulwaneni senkulungwa-
ne salabo abangithandayo ba-
gcine imiyalo yami.[h]
**7** "Ungalisebenzisi kabi iga-
ma likaJehova uNkulunkulu
wakho,[i] ngoba uJehova ngeke
angamjezisi olisebenzisa kabi
igama lakhe.[j]
**8** "Khumbula usuku lweSa-
batha, ukuze luhlale lungcwe-
le.[k] **9** Uyosebenza, wenze wo-
nke umsebenzi wakho izinsuku
eziyisithupha,[l] **10** kodwa usu-
ku lwesikhombisa luyisabatha
kuJehova uNkulunkulu wakho.
Akumele wenze noma yimuphi
umsebenzi, wena noma indoda-
na yakho noma indodakazi ya-
kho noma isigqila sakho noma
isigqilakazi sakho noma isilwa-
ne sakho osifuyile noma isifiki
ohlala naso.*[a] **11** Ngoba nge-
zinsuku eziyisithupha uJeho-
va wenza amazulu nomhla-
ba, ulwandle nakho konke
okukukho, wabe esephumula
ngosuku lwesikhombisa.[b] Yi-
ngakho uJehova alubusisa usu-
ku lweSabatha walwenza lwa-
ba ngcwele.
**12** "Hlonipha uyihlo nonyo-
ko[c] ukuze uphile isikhathi esi-
de ezweni uJehova uNkulunku-
lu wakho akunika lona.[d]
**13** "Ungabulali.[e]
**14** "Ungaphingi.[f]
**15** "Ungebi.[g]
**16** "Ungafakazi amanga ngo-
munye umuntu.[h]
**17** "Ungafisi indlu yomunye
umuntu. Ungafisi umfazi wo-
munye umuntu[i] noma isigqi-
la sakhe noma isigqilakazi sa-
khe noma inkomo yakhe noma
imbongolo yakhe nanoma yini
engeyomunye umuntu."[j]
**18** Bonke abantu babezwa
ukuduma nomsindo wophondo,
bebona ukubanika nentaba
ishunqa. Lapho abantu bezwa
futhi bebona lokhu bavevezela
bamela kude.[k] **19** Ngakho ba-
thi kuMose: "Makube nguwe
okhuluma nathi, thina sizolale-
la, kodwa ungamvumeli uNku-
lunkulu akhulume nathi ngo-
ba sesaba ukufa."[l] **20** Nga-
kho uMose wathi kubantu:
"Ningesabi, ngoba uNkulunku-
lu weqiniso uzele ukuzonivivi-
nya[m] ukuze niqhubeke nimesa-
ba, ningoni."[n] **21** Abantu ba-
belokhu bemi kude, kodwa
uMose wasondela efwini elim-
nyama lapho uNkulunkulu we-
qiniso ayekhona.[o]

**20:3** *Noma, "ungedelele ngokuba nabanye onkulunkulu." **20:4** *Noma, "efanekisela into."

**20:10** *NgesiHebheru, "esingaphakathi emasangweni akho."

ISAHL. 19
a Num 16:19, 35

ISAHL. 20
b Dut 5:22; IzE 7:38
c Dut 5:6; Hos 13:4
d Dut 5:7-10
e Lev 26:1; Dut 4:15, 16; Isay 40:25; IzE 17:29
f Eks 23:24; 1Ko 10:20; 1Jo 5:21
g Eks 34:14; Mat 4:10; Luk 10:27
h Shu 12:13
i Lev 19:12
j Lev 24:15, 16; Dut 5:11
k Eks 16:23; Eks 31:13, 14; Dut 5:12-14
l Eks 23:12

Uhla 2
a Eks 16:29; Eks 34:21
b Gen 2:2
c Eks 21:15; Lev 19:3; IzA 1:8
d Dut 5:16; Mat 15:4; Efe 6:2, 3
e Gen 9:6; Dut 5:17; Jak 2:11; 1Jo 3:15; IsA 21:8
f Gen 39:7-9; Dut 5:18; IzA 6:32; Mat 5:27, 28; Rom 13:9; 1Ko 6:18; Heb 13:4
g Lev 19:11; Dut 5:19; Mar 10:19; 1Ko 6:9, 10; Efe 4:28
h Lev 19:16; Dut 5:20; Dut 19:16-19
i Mat 5:28
j Dut 5:21; Rom 7:7
k Eks 19:16; Heb 12:18, 19
l IzE 7:38; Gal 3:19
m Dut 8:2
n Jos 24:14; Job 28:28; IzA 1:7
o Dut 5:5; Hu 97:2

**22** UJehova wabe esethi ku-
Mose: "Yilokhu ozokusho kuma-
Israyeli, 'Nizibonele ngokwenu
ukuthi ngikhulume nani ngise-
zulwini.[a] **23** Ningabenzi onku-
lunkulu besiliva noma bego-
lide[b] ngoba akumele nibe na-
banye onkulunkulu ngaphandle
kwami. **24** Kufanele ningenze-
le i-altare lomhlabathi, nini-
kele phezu kwalo iminikelo
yenu eshiswayo, imihlatshelo
yenu ehlanganyelwayo nomhla-
mbi wenu. Kuzo zonke izindawo
engibangela ukuba igama lami
likhunjulwe kuzo[c] ngiyokuza
kini futhi nginibusise. **25** Uma
ningenzela i-altare lamatshe, ni-
ngalakhi ngamatshe asikwe nga-
mathuluzi.*[d] Ngoba uma nisebe-
nzisa ishizolo kulo, niyolingco-
lisa. **26** Akumele ukhuphukele
e-altare lami ngezitebhisi, ukuze
izitho zakho zangasese* zinga-
mbuleki phezu kwalo.'

**21** "Yilezi izinqumo zokwa-
hlulela okumele uzidluli-
sele kubo:[e]

**2** "Uma uthenga isigqila esi-
ngumHebheru,[f] siyoba isigqila
iminyaka eyisithupha, kodwa
ngonyaka wesikhombisa siyo-
khululwa singakhokhanga lu-
tho.[g] **3** Uma sifike sodwa, si-
yohamba sodwa. Uma sinomfa-
zi, umfazi waso kumele aha-
mbe naso. **4** Uma inkosi yaso
isinika umfazi futhi esizale-
la amadodana noma amado-
dakazi, lowo mfazi nabantwa-
na baso bayoba abenkosi yaso,
sona sihambe sodwa.[h] **5** Ko-
dwa uma leso sigqila singa-
phikelela sithi, 'Ngiyayithanda
inkosi yami, umkami nama-
dodana ami; angifuni ukukhu-
lulwa,'[i] **6** inkosi yaso kumele
isilethe phambi kukaNkulunku-
lu weqiniso. Iyobe isisincikisa
emnyango noma ensikeni yom-
nyango, inkosi yaso iyobhobo-
za indlebe yaso ngosungulo, si-
yoba yisigqila sayo ukuphila
kwaso konke.

**7** "Uma umuntu ethengisa
indodakazi yakhe ukuba ibe isi-
gqila, ngeke ikhululwe ngendle-
la okukhululwa ngayo owesilisa
oyisigqila. **8** Uma inkosi yayo
ingayithandi futhi ingayenzi isa-
ncinza kodwa iyitholela othile
ozoyithenga,* ngeke ibe nalo
ilungelo lokuyithengisa kwabe-
sinye isizwe ngoba iyikhohlisile.
**9** Uma iyikhethela indodana
yayo, kumele iyinike amalunge-
lo endodakazi. **10** Uma izitha-
thela omunye umfazi, akufane-
le kuncishiswe ukudla, izingubo
nesibopho sasemshadweni[a] ko-
mfazi wokuqala. **11** Uma inge-
ke imnike lezi zinto zontathu,
kufanele akhululwe ngaphandle
kokukhokha imali.

**12** "Oshaya umuntu aze afe
kumele abulawe.[b] **13** Kodwa
uma lokho ekwenza engahlo-
sile futhi uNkulunkulu weqini-
so ekuvumela ukuba kwenze-
ke, ngizobeka indawo angaba-
lekela kuyo.[c] **14** Uma umuntu
emthukuthelela kakhulu omu-
nye umuntu aze ambulale nga-
mabomu,[d] lowo muntu ku-
mele afe ngisho noma ecasha
e-altare lami ukuze athole isivi-
kelo.[e] **15** Oshaya uyise noma
unina kumele abulawe.[f]

**16** "Uma kuba khona othu-
mba umuntu[g] futhi amthengise
noma abanjwe embambile,[h] ku-
mele abulawe.[i]

**17** "Noma ubani oqalekisa
uyise noma unina kumele abu-
lawe.[j]

**18** "Yilokhu okufanele kwe-

---

**20:25** *Noma, "aqheshuliwe." **20:26** *NgesiHebheru, "ubunqunu bakho."

**21:8** *NgesiHebheru, "ibangela ukuba ikhululwe."

---

ISAHL. 20
a Dut 4:36; Neh 9:13
b IzE 17:29
c Dut 12:5, 6; 2Kr 6:6
d Dut 27:5; Jos 8:30, 31

ISAHL. 21
e Eks 24:3; Dut 4:14
f Lev 25:39, 40
g Dut 15:12
h Dut 15:12
i Dut 15:16, 17

Uhla 2
a 1Ko 7:3
b Gen 9:6; Num 35:30; Mat 5:21
c Num 35:11; Num 35:22-25; Dut 4:42; Dut 19:3-5; Jos 20:7-9
d Num 15:30
e Dut 19:11, 12; 1Kh 1:50; 1Kh 2:29; 1Jo 3:15
f Eks 20:12
g Gen 40:15
h Gen 37:28
i Dut 24:7
j Lev 20:9; IzA 20:20; IzA 30:11, 17; Mat 15:4

nzeke uma amadoda exabana,
enye ishaye enye ngetshe noma
ngesibhakela* nokho ingafi ko-
dwa ilale embhedeni wayo:
**19** Uma ikwazi ukuvuka iha-
mbahambe ngaphandle ngodo-
ndolo, leyo eyishayile kumele
ingajeziswa. Iyokhipha kuphela
isinxephezelo sesikhathi esila-
hlekele olimele emsebenzini
wakhe aze alulame ngokuphe-
lele.

**20** “Uma umuntu eshaya isi-
gqila sakhe noma isigqilaka-
zi sakhe ngenduku bese si-
yafa, kumele siphindiselelwe.[a]
**21** Kodwa uma siqhubeka si-
phila usuku noma izinsuku ezi-
mbili, akumele siphindiselelwe
ngoba sithengwe ngemali yo-
mniniso.

**22** “Uma amadoda elwa fu-
thi alimaze owesifazane okhu-
lelwe, azale umntwana ngapha-
mbi kwesikhathi*[b] kodwa ku-
ngafi muntu,# owonile ku-
mele akhokhe inhlawulo ayi-
nqunyelwe umyeni wowesifa-
zane; kumele ayikhokhe kuba-
hluleli.[c] **23** Kodwa uma kuba
khona ofayo, kumele kukho-
khwe ukuphila ngokuphila,*[d]
**24** iso ngeso, izinyo ngezi-
nyo, isandla ngesandla, unya-
wo ngonyawo,[e] **25** ukushiswa
ngokushiswa, inxeba ngenxe-
ba, igalelo ngegalelo.

**26** “Uma umuntu eshaya iso
lesigqila sakhe noma iso lesi-
gqilakazi sakhe alilimaze, ku-
fanele asikhulule esinxephe-
zela ngeso laso.[f] **27** Nalapho
ekhipha izinyo lesigqila sakhe
noma lesigqilakazi sakhe, ku-
fanele asikhulule esinxepheze-
la ngezinyo laso.

**28** “Uma inkunzi ihlaba
owesilisa noma owesifazane
afe, leyo nkunzi kumele isha-
ywe ngamatshe ize ife,[a] inya-
ma yayo akumele idliwe; kodwa
umnikazi wayo ngeke ajeziswe.
**29** Nokho uma inkunzi ibinom-
khuba wokuhlaba abantu futhi
umniniyo exwayisiwe kodwa
wangayiqapha, yona yase ibu-
lala owesilisa noma owesi-
fazane, leyo nkunzi kufanele
ishaywe ngamatshe ize ife
nomniniyo kufanele abulawe.
**30** Uma enqunyelwa inhlawu-
lo,* kumele akhiphe konke
angase anqunyelwe kona kube
inani lokukhulula ukuphila#
kwakhe. **31** Kungakhathalise-
ki ukuthi ihlabe umfana noma
intombazane, kumele kwenzi-
we kumnikazi wenkunzi ngo-
kwalesi sinqumo sokwahlule-
la. **32** Uma leyo nkunzi ihla-
be isigqila noma isigqilakazi,
uyokhokha inani lamashekeli*
angu-30 enkosini yaso, inkunzi
yona iyoshaywa ngamatshe ize
ife.

**33** “Uma umuntu evula
umgodi noma ewumba ko-
dwa angawumbozi bese kuwela
kuwo inkomo noma imbongolo,
**34** umnikazi womgodi kumele
akhiphe isinxephezelo.[b] Kufa-
nele akhokhele umnikazi wayo,
isilwane esifile kube ngesakhe.
**35** Uma inkunzi yomuntu ilima-
za inkunzi yomunye ife, kume-
le bayithengise inkunzi ephila-
yo bahlukanise inani elikhokhi-
we ngayo; nefile kufanele bayi-
hlukanise. **36** Noma uma be-
kwaziwa ukuthi inkunzi ibi-
nomkhuba wokugwazana ko-
dwa umnikazi wayo wangayiqa-
pha, kumele akhiphe inkunzi

**21:18** *Noma kungaba, “ngethuluzi.” **21:22** *NgesiHebheru, “kuphume abantwana bakhe.” #Noma, “kungabi bikho olimala kakhulu.” **21:23** *Noma, “umphefumulo ngomphefumulo.”

**21:30** *Noma, “isihlengo.” #Noma, “umphefumulo.” **21:32** *Ishekeli lalilingana no-11,4 g. Bheka iSithasiselo B14.

**ISAHL. 21**
a Gen 9:5, 6; Lev 24:17
b Hu 139:16; Jer 1:5
c Eks 18:25, 26; Dut 16:18; Dut 17:8
d Gen 9:6; Lev 24:17; Num 35:31; IsA 21:8
e Lev 24:20; Mat 5:38
f Efe 6:9; Kol 4:1

**Uhla 2**
a Gen 9:5; Num 35:33
b Eks 22:6; Eks 22:14; Dut 22:8

ibe isinxephezelo senkunzi, efi-
le kube ngeyakhe.

**22** “Uma umuntu eba inko-
mo noma imvu, ayihla-
be noma ayithengise, kufane-
le abuyisele izinkomo ezinhla-
nu uma ebe inkomo, abuyisele
izimvu ezine uma ebe imvu.[a]

**2** (“Uma isela[b] libanjwa oqo-
tsheni ligqekeza futhi lishaywe
bese liyafa, olibulele ngeke abe
necala legazi. **3** Kodwa uma
kwenzeka ngemva kokuphuma
kwelanga, olibulele uyoba ne-
cala legazi.)

“Kumele umuntu owebile
akhiphe isinxephezelo. Uma
engenalutho, kumele athengi-
swe ngenxa yezinto azebile.
**4** Uma akwebile kutholakala
kuye kuphila, kungakhathalise-
ki ukuthi inkomo noma imbo-
ngolo noma imvu, kufanele
akhiphe isinxephezelo esiphi-
ndwe kabili.

**5** “Uma umuntu ekhipha
imfuyo yakhe iyodla emadle-
lweni akhe noma ensimini ya-
magilebhisi bese eyiyeka idle
ensimini yomunye umuntu, ku-
mele akhiphe isinxephezelo
ngokuhle kunakho konke kwe-
nsimu yakhe noma ngokuhle
kunakho konke kwensimu ya-
khe yamagilebhisi.

**6** “Uma kuqubuka umlilo
bese usabalala uze ufike ezi-
hlahleni zameva, uqothule izi-
thungo noma ukudla okusa-
nhlamvu okusamile noma insi-
mu, lowo owokhele lowo mlilo
kumele akhiphe isinxephezelo
salokho okushile.

**7** “Uma umuntu enika omu-
nye umuntu imali noma izi-
nto ukuze azigcine, bese zebi-
wa endlini yalowo muntu, uma
isela litholakala, kumele li-
khiphe isinxephezelo esiphi-
ndwe kabili.[c] **8** Uma isela li-
ngatholakali, umninindlu ku-
mele alethwe phambi kuka-
Nkulunkulu weqiniso[a] ukuze
kutholakale ukuthi akuyena
yini othathe impahla yomunye
umuntu. **9** Kuwo wonke ama-
cala okuthatha impahla ngoku-
ngemthetho, kungakhathalise-
ki ukuthi inkomo, imbongolo,
imvu, ingubo, noma yini elahle-
kile umuntu angase athi ngayo,
‘Lokhu okwami!’ bobabili bayo-
kwethula icala labo phambi ku-
kaNkulunkulu weqiniso.[b] Lowo
uNkulunkulu ayothi unecala
kufanele akhiphe isinxepheze-
lo esiphindwe kabili komunye
umuntu.[c]

**10** “Uma umuntu enika omu-
nye imbongolo noma inkomo
noma imvu nanoma yisiphi isi-
lwane esifuywayo ukuba asi-
gcine bese siyafa noma sikhu-
bazeke noma sithathwe kunge-
kho muntu obonayo, **11** kufa-
nele kwenziwe isifungo phaka-
thi kwabo phambi kukaJeho-
va, sokuthi akazange ayitha-
the impahla yomunye umu-
ntu; futhi umnikazi wayo ku-
mele asamukele. Lowo muntu
akufanele akhiphe isinxephe-
zelo.[d] **12** Kodwa uma isilwane
sebiwe kuye, kufanele akhiphe
isinxephezelo kumnikazi waso.
**13** Uma sidwengulwe isilwane
sasendle, kufanele asilethe nje-
ngobufakazi. Akufanele akhi-
phe isinxephezelo ngento edwe-
ngulwe isilwane sasendle.

**14** “Kodwa uma noma uba-
ni ecela ukuboleka isilwane ko-
munye umuntu bese sikhuba-
zeka noma sife ngesikhathi si-
ngekho kumnikazi waso, umu-
ntu osibolekile kumele akhiphe
isinxephezelo. **15** Uma umni-
kazi waso ekhona, akufanele
akhiphe isinxephezelo. Uma
besiqashiwe, imali esiqashwe
ngayo iyisinxephezelo.

ISAHL. 22
a 2Sa 12:6
Luk 19:8
b Eks 20:15
c Eks 22:4

**Uhla 2**
a Dut 16:18
Dut 19:17
b Dut 16:18
Dut 25:1
c Eks 22:4
d Lev 6:2-5

**16** “Uma umuntu eyenga
intombi nto engakathenji-
swa umshado alale nayo, ku-
mele akhokhe ilobolo ukuze
ibe umkakhe.[a] **17** Uma uyise
enqaba ngokuphelele ukumni-
ka yona, kusafanele akhokhe
imali elingana nelobolo lento-
mbi nto.
**18** “Akumele ugcine umtha-
kathi ephila.[b]
**19** “Noma ubani olala nesi-
lwane kumele abulawe naka-
njani.[c]
**20** “Noma ubani ohlabela
abanye onkulunkulu ngapha-
ndle kukaJehova kumele abu-
lawe.[d]
**21** “Akumele niphathe kabi
isifiki noma nisicindezele[e] ngo-
ba naniyizifiki ezweni laseGi-
bhithe.[f]
**22** “Ningamhluphi umfeloka-
zi noma intandane.*[g] **23** Uma
ningake nje nimhluphe, bese
ekhala kimi, nakanjani ngi-
yokuzwa ukukhala kwakhe;[h]
**24** intukuthelo yami iyovutha
futhi ngiyonibulala ngenkemba,
omkenu bayoba abafelokazi ne-
zingane zenu ngeke zibe na-
yise.
**25** “Uma ubolekisa ngema-
li kunoma ubani ohluphekile*
kubantu bami, kumuntu ohlala
nawe, ungabi njengomashoni-
sa# kuye. Akumele umkhokhi-
se inzalo.[i]
**26** “Uma uthatha ingubo
yomunye umuntu njengesiba-
mbiso,*[j] kufanele uyibuyise-
le kuye lapho kushona ilanga.
**27** Ngoba iwukuphela kwese-
mbatho sakhe, ingubo yakhe
afihla ngayo umzimba; uzolala
ngani?[a] Lapho ekhala kimi, na-
kanjani ngiyozwa ngoba mina
nginozwela.*[b]
**28** “Ungamqalekisi* uNkulu-
nkulu[c] noma uqalekise isikhu-
lu# phakathi kwabantu bakini.[d]
**29** “Unganqikazi ukunike-
la ngokuvela emkhiqizweni wa-
kho omningi nasewayinini la-
kho namafutha okuchichima-
yo.*[e] Izibulo lamadodana akho
kumele ulinike mina.[f] **30** Na-
khu okufanele ukwenze nge-
nkomo yakho nangemvu ya-
kho:[g] Iyoqhubeka inonina izi-
nsuku eziyisikhombisa. Ngosu-
ku luka-8 kufanele unginike
yona.[h]
**31** “Kufanele nibe ngabantu
abangcwele kimi,[i] akumele ni-
dle inyama yanoma yini ese-
ndle edwengulwe isilwane sa-
sendle.[j] Kufanele niyiphonsele
izinja.

**23** “Ungawusakazi* umbiko
ongelona iqiniso.[k] Unga-
bambisani nomubi ngokuba
ufakazi onezinhloso ezimbi.[l]
**2** Ungalandeli isixuku ngenjo-
ngo yokwenza okubi, unga-
melani nobulungisa ngokunike-
za ubufakazi obuvuna isixuku.*
**3** Ungakhethi engxabanweni
yomuntu ohluphekayo.[m]
**4** “Uma ubona inkomo ye-
sitha sakho noma imbongolo
yaso iduka, kumele uyibuyise-
le kuso.[n] **5** Uma ubona ukuthi
imbongolo yomuntu okuzonda-
yo iwele ngaphansi komthwalo
wayo, ungayishalazeli uhambe.
Kumele umsize ayivuse.[o]

**ISAHL. 22**
a Dut 22:28, 29
b Lev 19:26; Lev 20:6; Dut 18:10-12; 1Sa 28:3; Gal 5:20; IsA 22:15
c Lev 18:23; Lev 20:15; Dut 27:21
d Num 25:3; 1Kh 18:40; 1Ko 10:20
e Lev 25:35
f Lev 19:33, 34; Dut 10:19
g Dut 27:19; Jak 1:27
h Hu 10:18; Jak 5:4
i Lev 25:35, 36; Dut 23:19; Luk 6:34, 35
j Dut 24:6

**Uhla 2**
a Dut 24:13
b Dut 10:18; Hu 34:6
c Lev 24:11, 14
d Shu 10:20; IzE 23:5; Jud 8
e IzA 3:9; 2Ko 9:7
f Eks 13:2
g Dut 15:19
h Lev 22:27
i Lev 19:2; Num 15:40; 1Pe 1:15
j Lev 22:3, 8

**ISAHL. 23**
k Lev 19:16; IzA 6:16, 19
l Dut 19:18, 19; IzA 19:5
m Lev 19:15
n IzA 25:21; 1Th 5:15
o Dut 22:4; Luk 6:27; Rom 12:21

---

**22:22** *Noma, “ingane engenababa.” **22:25** *Noma, “ompofu.” #Noma, “njengombolekisi wemali.” **22:26** *Noma, “njengesiqinisekiso sokubuyiswa kwemali ebolekiwe.” **22:27** *Noma, “nginomusa.” **22:28** *Noma, “Ungamzondi.” *Noma, “umbusi.” **22:29** *Okuwukuthi, emkhiqizweni wakho wezikhamo zamafutha nezewayini. **23:1** *NgesiHebheru, “Ungawuthathi.” **23:2** *Noma, “ubufakazi obuthandwayo.”

**6** "Ungamahluleli ngokungenabulungisa ohluphekayo phakathi kwakho ecaleni lakhe.[a]

**7** "Ungahlanganiswa yilutho nezinsolo ezingamanga,* ungambulali omsulwa nolungile ngoba ngeke ngithi omubi ulungile.#[b]

**8** "Ungasamukeli isifumbathiso, ngoba isifumbathiso sivala amehlo abantu ababona ngokucacile futhi singahlanekezela amazwi abantu abalungile.[c]

**9** "Ungasicindezeli isifiki. Niyazi ukuthi kunjani ukuba isifiki ngoba naniyizifiki ezweni laseGibhithe.[d]

**10** "Uyohlwanyela izwe lakho ngembewu futhi ubuthe umkhiqizo walo iminyaka eyisi-
thupha.[e] **11** Kodwa ngonyaka
wesikhombisa kufanele ungatshali lutho, uliyeke lingalinyiwe, abahluphekayo phakathi kwabantu bakini bayodla kulo, abakushiyayo kuyodliwa izilwane zasendle. Yilokho okufanele ukwenze ngensimu yakho yamagilebhisi nangezihlahla zakho zeminqumo.

**12** "Umsebenzi wakho uyowenza izinsuku eziyisithupha, kodwa ngosuku lwesikhombisa kufanele uwuyeke, ukuze inkunzi nembongolo yakho kuphumule nendodana yesigqilakazi sakho kanye nesifiki baphumule.[f]

**13** "Kumele uqaphe ukuba wenze konke engikutshele kona,[g] akumele ubize amagama abanye onkulunkulu; akufanele azwakale ezindebeni* zakho.[h]

**14** "Kathathu ngonyaka kumele ungigubhele umkhosi.[i]

**15** Uyogcina uMkhosi Wesinkwa Esingenamvubelo.[a] Uyodla isinkwa esingenamvubelo izinsuku eziyisikhombisa, njengoba nje ngikuyalile, ngesikhathi esibekiwe ngenyanga ka-Abhibhi,*[b] ngoba naphuma ngaleso sikhathi eGibhithe. Akekho okufanele avele phambi kwami engaphethe lutho.[c]
**16** Uyogcina uMkhosi Wesivuno* sezithelo zokuqala ezivuthiwe zomsebenzi wakho, zalokho owakutshala ensimini;[d] ugcine noMkhosi Wokubutha# ekupheleni konyaka, lapho ubutha ensimini isivuno sokugcina somsebenzi wakho.[e]
**17** Kathathu ngonyaka, bonke abesilisa bakho kufanele bavele phambi kweNkosi yeqiniso, uJehova.[f]

**18** "Igazi lomhlatshelo wami ungalinikeli kanye nanoma yini efakwe imvubelo. Imihlatshelo yamanoni enikelwa emikhosini yami akufanele ihlale ubusuku bonke kuze kube sekuseni.

**19** "Kufanele ulethe endlini kaJehova uNkulunkulu wakho okuhle kunakho konke kwezithelo zokuqala ezivuthiwe zomhlabathi.[g]

"Ungayibilisi inyama yezinyane obisini lukanina.[h]

**20** "Ngithumela ingelosi ngaphambi kwakho[i] ukuba ikuqaphe endleleni futhi ikulethe endaweni engiyilungiselele.[j] **21** Yinake futhi ulalele
izwi layo. Ungamelani nayo ngoba ngeke izixolele izono zenu,[k] ngoba igama lami likuyo. **22** Nokho, uma ulilalelisisa izwi layo, wenze konke engi-

23:7 *NgesiHebheru, "nezwi elingamanga." #Noma, "akanacala." 23:13 *NgesiHebheru, "emlonyeni."

23:15 *Bheka iSithasiselo B15. 23:16 *Owaziwa nangokuthi uMkhosi Wamasonto, noma iPhentekoste. #Owaziwa nangokuthi uMkhosi Wamadokodo (Amatabernakele).

ISAHL. 23
a Dut 16:19; 2Kr 19:7
b IzA 17:15; Rom 1:18; Rom 2:6
c Shu 7:7
d Lev 19:34
e Lev 25:3, 4
f Eks 20:9, 10; Dut 5:14
g Dut 4:9
h Dut 12:3; Jos 23:6, 7
i Dut 16:16

Uhla 2
a Lev 23:6; Luk 22:7
b Eks 12:18
c Dut 16:17
d Num 28:26; Dut 16:9, 10; IzE 2:1
e Dut 16:13; Neh 8:14; Joh 7:2
f Dut 12:5, 6
g Num 18:8, 12; 1Ko 15:20
h Dut 14:21; IzA 12:10
i Eks 14:19
j Num 20:16
k Num 14:35; Jos 24:19

kushoyo, ngiyoba nobutha ezi-
theni zakho ngimelane nabame-
lana nawe. **23** Ingelosi yami
izohamba phambi kwakho fu-
thi izokuletha kuma-Amori, ku-
maHeti, kumaPherizi, kuma-
Khanani, kumaHivi nakumaJe-
busi, futhi ngizowaqothula.[a]
**24** Ungabakhothameli onkulu-
nkulu bawo noma uyengelwe
ukuba ubakhonze, ungayilingi-
si imikhuba yawo.[b] Kunalo-
kho kumele ubaqede, ubhidli-
ze nezinsika zawo ezingcwele.[c]
**25** Kumele ukhonze uJehova
uNkulunkulu wakho,[d] yena uyo-
sibusisa isinkwa namanzi
akho.[e] Ngiyosisusa isifo phaka-
thi kwenu.[f] **26** Ngeke kube
khona owesifazane ophuphu-
nyelwa isisu noma owesifazane
oyinyumba ezweni lenu,[g] ngiyo-
nenza niphile isikhathi eside.*

**27** “Ngiyobenza bangesabe
ngisho nangaphambi kokufi-
ka kwenu,[h] ngiyobaphithizeli-
sa bonke abantu enihlangana
nabo, ngenze nazo zonke izi-
tha zenu zibaleke, nizinqo-
be.*[i] **28** Ngaphambi kokuba
nifike ngiyokwenza izitha zenu
zidangale,*[j] ngixoshe amaHi-
vi, amaKhanani namaHeti asu-
ke phambi kwenu.[k] **29** Nge-
ke ngiwaxoshe phambi kwenu
ngonyaka owodwa, ukuze izwe
lingabi ihlane, bese kwanda izi-
lwane zasendle.[l] **30** Ngiyowa-
xosha kancane kancane pha-
mbi kwenu, nize nande futhi
nidle ifa lezwe.[m]

**31** “Ngiyonweba umngcele
wenu kusukela oLwandle Olu-
bomvu kuye olwandle lwama-
Filisti, kusukela ehlane kuye
eMfuleni;*[a] ngoba abakhe ezwe-
ni ngizobanikela esandleni senu
futhi niyobaxosha basuke pha-
mbi kwenu.[b] **32** Ningasenzi isi-
vumelwano nabo noma no-
nkulunkulu babo.[c] **33** Akufa-
nele bahlale ezweni lenu uku-
ze banganenzi none kimi. Uma
kwenzeka nikhonza onkulunku-
lu babo, nakanjani kuyoba ugi-
be kini.”[d]

**24** Ngemva kwalokho wathi
kuMose: “Khuphukela ku-
Jehova, wena no-Aroni, uNada-
bi no-Abhihu[e] nabangu-70 ema-
dodeni amadala akwa-Israyeli,
nikhothame nisekude. **2** Uwe-
na wedwa Mose okufanele uso-
ndele kuJehova; kodwa abanye
akufanele basondele futhi aba-
ntu akufanele bakhuphuke ka-
nye nawe.”[f]

**3** UMose weza watshela aba-
ntu wonke amazwi kaJehova
nazo zonke izinqumo zokwahlu-
lela,[g] bonke abantu baphendu-
la ngazwi linye bathi: “Wonke
amazwi uJehova awakhulumile
sizimisele ukuwenza.”[h] **4** Nga-
kho uMose wawabhala phansi
wonke amazwi kaJehova.[i] Wa-
vuka ekuseni kakhulu wakha i-
altare nezinsika ezingu-12 pha-
nsi kwentaba ngokuvumelana
nezizwe zakwa-Israyeli ezingu-
12. **5** Ngemva kwalokho wathu-
ma izinsizwa zakwa-Israyeli, za-
nikela iminikelo eshiswayo za-
hlaba izinkunzi zaba imihlatshe-
lo ehlanganyelwayo[j] kuJeho-
va. **6** UMose wathatha uhhafu
walelo gazi wawufaka ezitshe-
ni, omunye uhhafu wawufafa-
za e-altare. **7** Wabe esetha-
tha incwadi yesivumelwano wa-
yifundela abantu ngokuzwakala-
yo.[k] Bona bathi: “Konke uJeho-
va akukhulumile sizimisele

**23:26** *Noma, “ngiyosenza sigcwale isibalo sezinsuku zenu.” **23:27** *Noma, “ngiyokwenza zonke izitha zenu zinifulathele.” **23:28** *Noma kungaba, “zitatazele; zesabe kakhulu.”

**23:31** *Okuwukuthi, i-Ewufrathe.

ISAHL. 23
*a* Eks 34:11, Jos 5:13, 14, Jos 24:8
*b* Eks 20:5, Lev 18:3, Dut 12:30, 2Kr 33:2
*c* Eks 20:3, Num 33:52
*d* Dut 6:13, Dut 10:12, Jos 22:5, Mat 4:10
*e* Dut 7:13
*f* Dut 7:15
*g* Dut 7:14, Dut 28:4
*h* Dut 2:25, Jos 2:9
*i* Dut 7:23, 24
*j* Dut 7:20, Jos 2:11
*k* Jos 24:11
*l* Dut 7:22
*m* Dut 9:4

Uhla 2
*a* Gen 15:18, Dut 1:7, Jos 1:4, 1Kh 4:21
*b* Hlu 1:4, Hlu 11:21
*c* Eks 34:12, Num 25:1, 2, Dut 7:2, 2Ko 6:14
*d* Jos 23:12, 13, Hlu 1:28, Hu 106:36

ISAHL. 24
*e* Lev 10:1
*f* Eks 20:21, Num 12:8
*g* Eks 21:1, Dut 4:1
*h* Dut 5:27, Jos 24:22
*i* Eks 34:27, Dut 31:9
*j* Lev 3:1, Lev 7:11
*k* Dut 31:11, IzE 13:15

ukukwenza futhi sizolalela."[a]
**8** Ngakho uMose wathatha iga-
zi walifafaza kubantu[b] wathi:
"Leli yigazi lesivumelwano uJe-
hova asenze nani ngokuvumela-
na nawo wonke la mazwi."[c]
**9** UMose no-Aroni, uNadabi
no-Abhihu namadoda amada-
la akwa-Israyeli angu-70 bakhu-
phuka, **10** bambona uNkulu-
nkulu ka-Israyeli.[d] Ngaphansi
kwezinyawo zakhe kwakukho-
na okunjengendawo eyenzi-
we ngesafire, kuhlanzeke
njengamazulu uqobo lwawo.[e]
**11** Akawalimazanga amadoda
aholayo akwa-Israyeli[f] futhi
abona umbono kaNkulunkulu
weqiniso, adla aphuza.
**12** Manje uJehova wathi ku-
Mose: "Khuphukela kimi enta-
beni uhlale khona. Ngizoku-
nika amatshe ayizicaba anom-
thetho nomyalo engizowu-
bhala ukuze ngibaqondise."[g]
**13** Ngakho uMose nesikhonzi
sakhe uJoshuwa basuka,[h] uMo-
se wakhuphukela entabeni ka-
Nkulunkulu weqiniso.[i] **14** Ko-
dwa emadodeni amadala waye-
the: "Silindeni lapha size si-
buye.[j] U-Aroni noHure[k] bazosa-
la nani. Uma kuba khona ofu-
na ukumangala, angaya kubo."[l]
**15** UMose wabe esekhuphuke-
la entabeni kuyilapho ifu liyi-
mbozile.[m]
**16** Inkazimulo kaJehova[n]
yayilokhu iseNtabeni iSinayi,[o]
ifu layimboza izinsuku eziyisi-
thupha. Ngosuku lwesikhombi-
sa wabiza uMose ephakathi
kwefu. **17** Kuma-Israyeli aye-
buka, ukubonakala kwenkazi-
mulo kaJehova kwakunjengo-
mlilo ovuthayo esiqongweni
sentaba. **18** UMose wabe ese-
ngena phakathi kwefu we-
nyuka intaba.[p] UMose wahla-
la entabeni izinsuku ezingu-40
nobusuku obungu-40.[q]

**ISAHL. 24**
- a Eks 19:8
- b Heb 12:24
- c Heb 9:18-20
- d Joh 1:18
- e Hez 1:26; IsA 4:3
- f Eks 24:1
- g Dut 5:22
- h Num 11:28
- i Eks 24:2
- j Eks 32:1
- k Eks 17:10
- l Eks 18:25, 26
- m Eks 19:9
- n Eks 16:10; Lev 9:23; Num 16:42
- o Eks 19:11
- p Eks 19:20
- q Eks 34:28; Dut 9:9

**Uhla 2**

**ISAHL. 25**
- a Eks 35:4-9; 1Kr 29:9; 2Ko 9:7
- b Eks 38:24
- c Eks 38:25
- d Eks 38:3; Eks 38:29
- e Eks 36:20
- f Eks 27:20
- g Eks 30:23-25
- h Eks 30:34, 35
- i Eks 28:6
- j Eks 28:15
- k Eks 29:45; 1Kh 6:13; Heb 9:11
- l 1Kr 28:12; IzE 7:44; Heb 8:5; Heb 9:9
- m Eks 37:1-5
- n Heb 9:4
- o Eks 30:1, 3

**25** UJehova wabe esethi ku-
Mose: **2** "Tshela abantu
bakwa-Israyeli ukuba bangitha-
thele umnikelo; kuwo wonke
umuntu oshukunyiswa inhlizi-
yo yakhe, kufanele nithathe
umnikelo wami.[a] **3** Yilo umni-
kelo enizowamukela kubo: igo-
lide,[b] isiliva,[c] ithusi,[d] **4** inta-
mbo eluhlaza okwesibhaka-
bhaka, uboya obuphephuli,*
indwangu ebomvu,# ilineni eli-
sezingeni eliphezulu, uboya
bembuzi, **5** izikhumba zezi-
nqama ezidaywe zaba bomvu,
izikhumba zezimvu zamanzi,
ukhuni lomtholo,[e] **6** amafu-
tha ezibani,[f] amafutha okugco-
ba ebhalsamu[g] nempepho ena-
makha,[h] **7** namatshe e-oniki-
si namanye amatshe okufane-
le afakwe kuyi-efodi[i] nasesiqe-
shini sesifuba.[j] **8** Kufanele ni-
ngakhele indlu engcwele, ngi-
zohlala* phakathi kwenu.[k]
**9** Kufanele ningakhele yona,
itabernakele nayo yonke impa-
hla yalo, nilandele indlela*
engizonibonisa yona njengoba
injalo.[l]
**10** "Kufanele ningakhele um-
phongolo* wokhuni lomtholo,
ube izingalo# ezimbili nohhafu
ubude nengalo nohhafu ububa-
nzi nengalo nohhafu ukuphaka-
ma.[m] **11** Nizobe seniwuname-
ka ngegolide elihlanzekile.[n] Ku-
fanele niwunameke ngaphandle
nangaphakathi, phezulu nizo-
kwenza iphethelo* legolide eli-
wuzungezayo.[o] **12** Nizowenze-
la amasongo amane egolide ni-
wanameke ngaphezu kwezinya-

**25:4** *Noma, "uboya obudaywe baba phephuli ngokubomvu." #Noma, "indwangu ebomvu ngokuphephuli." **25:8** *Noma, "ngizohlala etabernakele." **25:9** *Noma, "umklamo." **25:10** *Noma, "ibhokisi." #Ingalo yayilinganа no-44,5 cm. Bheka iSithasiselo B14. **25:11** *Noma, "umhlobiso."

wo zawo ezine, amasongo ama-
bili kolunye uhlangothi nama-
songo amabili kolunye uhlango-
thi. **13** Nizokwenza izinduku
zokhuni lomtholo nizinameke
ngegolide.[a] **14** Nizofaka lezi
zinduku emasongweni asezi-
nhlangothini zoMphongolo uku-
ze uMphongolo niwuthwale
ngazo. **15** Lezi zinduku zizo-
hlala emasongweni oMphongo-
lo; akufanele zisuswe kuwo.[b]
**16** Nizofaka eMphongolweni
ubuFakazi engizoninika bona.[c]

**17** "Nizokwenza isivalo se-
golide elihlanzekile, sibe izi-
ngalo ezimbili nohhafu ubu-
de nengalo nohhafu ububa-
nzi.[d] **18** Kufanele nenze ama-
kherubi amabili egolide; nizo-
wenza nisebenzisa isando
kuwo womabili amaphethelo
esivalo.[e] **19** Nenze amakheru-
bi kuwo womabili amaphethe-
lo, kube nekherubi elilodwa
ephethelweni ngalinye lesi-
valo. **20** Amakherubi kufane-
le elulele amaphiko awo phe-
zulu, amboze isivalo ngamaphi-
ko awo[f] futhi kufanele abhe-
kane. Ubuso bamakherubi ku-
fanele bubheke isivalo. **21** Ni-
zobeka isivalo[g] phezu koMpho-
ngolo, phakathi eMphongolwe-
ni nibeke ubuFakazi engizoni-
nika bona. **22** Ngiyozibonaka-
lisa lapho kini futhi ngikhu-
lume nani ngingaphezu kwesi-
valo.[h] Ngiphakathi kwamakhe-
rubi amabili aphezu kompho-
ngolo wobuFakazi, ngizonazisa
yonke imiyalo okufanele niyi-
dlulisele kuma-Israyeli.

**23** "Nizokwenza netafula[i]
lokhuni lomtholo, libe izingalo
ezimbili ubude nengalo ububa-
nzi nengalo nohhafu ukupha-
kama.[j] **24** Nizolinameka nge-
golide elihlanzekile futhi ne-

ISAHL. 25
*a* Eks 30:1, 5; 1Kr 15:15
*b* 1Kh 8:8
*c* Eks 31:18; Eks 40:20; 1Kh 8:9; Heb 9:4
*d* Eks 37:6-9
*e* 1Sa 4:4; Heb 9:5
*f* 1Kh 8:7; 1Kr 28:18
*g* Eks 40:20; Heb 9:4, 5
*h* Eks 30:6; Lev 16:2; Num 7:89; Hlu 20:27; Hu 80:1
*i* Eks 40:22; Lev 24:6; Num 3:30, 31; Heb 9:2
*j* Eks 37:10-15

Uhla 2
*a* Eks 37:16; Num 4:7; 1Kh 7:48, 50
*b* Lev 24:5, 6; 1Sa 21:6; 1Kr 9:32; 2Kr 13:11; Mat 12:4
*c* Eks 40:24; 1Kh 7:48, 49; Heb 9:2
*d* Eks 37:17-24

nze iphethelo* legolide eli-
lizungezayo. **25** Nizokwenza
unqenqema olulingana nobu-
banzi besandla* oluzozunge-
za itafula nephethelo# lego-
lide elizozungeza unqenqema.
**26** Nizolenzela amasongo ama-
ne egolide, nibeke lawo maso-
ngo emakhoneni amane, okufa-
kwe kuwo imilenze emine.
**27** Amasongo kufanele aso-
ndele onqenqemeni abe izi-
nto okuzongena kuzo izindu-
ku zokuthwala itafula. **28** Ni-
zokwenza izinduku zokhuni
lomtholo nizinameke ngegoli-
de, nithwale ngazo itafula.

**29** "Nizokwenza nezindishi
zalo, izindebe zalo, ojeke balo
nezitsha zalo okuzothelwa ku-
kho iminikelo ephuzwayo. Ku-
mele nikwenze ngegolide eli-
hlanzekile.[a] **30** Njalo phambi
kwami nizobeka isinkwa soku-
bukwa phezu kwetafula.[b]

**31** "Nizokwenza uthi lwesi-
bani[c] lwegolide elihlanzeki-
le. Uthi lwesibani kufanele
lwenziwe kusetshenziswa isa-
ndo. Isinqe salo, isiqu salo,
amagatsha alo, izindebe zalo,
amaqhuzwana alo nezimbali
zalo kuzoba yinto eyo-
dwa.[d] **32** Amagatsha ayisithu-
pha azophuma ezinhlangothi-
ni zothi lwesibani, amagatsha
amathathu ohlangothini olulo-
dwa namagatsha amathathu
kolunye uhlangothi. **33** Iga-
tsha ngalinye, kolunye uhla-
ngothi lizoba nezindebe ezinta-
thu ezimise okwezimbali zom-
alimondi, namaqhuzwana ne-
zimbali okushintshanayo. Ku-
zokwenzeka okufanayo nako-
lunye uhlangothi. Iyona ndle-
la amagatsha ayisithupha
othi lwesibani okufanele

---

**25:24** * Noma, "umhlobiso." **25:25** * Ci-
she bungu-7,4 cm. Bheka iSithasiselo
B14. # Noma, "nomhlobiso."

abukeke ngayo. **34** Esiqwini
sothi lwesibani kunezindebe
ezine ezimise okwezimbali
zom-alimondi, namaqhuzwana
alo nezimbali zalo oku-
shintshanayo. **35** Iqhuzwana
lizoba ngaphansi kwamaga-
tsha amabili okuqala aphu-
ma esiqwini, elinye iqhuzwa-
na libe ngaphansi kwamaga-
tsha amabili alandelayo, elinye
iqhuzwana libe ngaphansi kwa-
magatsha amabili alandelayo,
emagatsheni ayisithupha aphu-
ma esiqwini. **36** Amaqhuzwa-
na, amagatsha nalo lonke uthi
lwesibani kufanele kube yinto
eyodwa eyenziwe ngegolide eli-
hlanzekile kusetshenziswa isa-
ndo.[a] **37** Nizolwenzela izibani
eziyisikhombisa futhi lapho izi-
bani sezikhanyiswa, zizokha-
nyisa indawo ephambi kwa-
lo.[b] **38** Izindlawu zalo zokuci-
sha* ilangabi nemicengezi yalo
yomlilo kufanele kube okwe-
golide elihlanzekile.[c] **39** Kufa-
nele lwenziwe kanye nazo zo-
nke lezi zinto ngethalenta* le-
golide elihlanzekile. **40** Niqi-
kelele ukuthi nilandela umkla-
mo wazo enawuboniswa enta-
beni.[d]

**26** "Nizokwenza itabernake-
le[e] ngezindwangu eziyi-
shumi zamatende zelineni eli-
sezingeni eliphezulu elisonti-
we, intambo eluhlaza okwe-
sibhakabhaka, uboya obuphe-
phuli nendwangu ebomvu. Izi-
ndwangu kufanele nizenze zibe
nomfanekiso wamakherubi[f]
othungelwe kuzo.[g] **2** Indwa-
ngu yetende ngayinye izoba izi-
ngalo* ezingu-28 ubude ne-
zingalo ezine ububanzi. Zo-
nke izindwangu zetende kufa-
nele zilingane.[a] **3** Izindwangu
ezinhlanu zetende kufanele zi-
xhunywe zilandelane, nezinye
izindwangu ezinhlanu zete-
nde kufanele zixhunywe zila-
ndelane. **4** Nizokwenza izihi-
be ngentambo eluhlaza okwe-
sibhakabhaka ekupheleni kwe-
ndwangu eyodwa yetende ese-
kugcineni kwezindwangu ezi-
landelanayo, futhi kufanele
nenze okufanayo nasekuphe-
leni kwendwangu yokugcina
ezindwangwini ezilandelana-
yo lapho zizohlangana khona.
**5** Nizokwenza izihibe ezingu-
50 endwangwini eyodwa ye-
tende nezihibe ezingu-50 eku-
pheleni kwenye indwangu yete-
nde ukuze ziqondane lapho zi-
zohlangana khona. **6** Kufane-
le nenze amahhuku egolide
angu-50 nihlanganise lezi zi-
ndwangu zetende ngawo, ita-
bernakele lizoba yinto eyo-
dwa.[b]

**7** "Nizokwenza nezindwangu
zoboya bembuzi[c] zetende eli-
ngaphezu kwetabernakele. Ni-
zokwenza izindwangu zetende
ezingu-11.[d] **8** Indwangu yete-
nde ngayinye izoba izingalo ezi-
ngu-30 ubude nezingalo ezine
ububanzi. Zonke lezi zindwa-
ngu zetende ezingu-11 kufa-
nele zilingane. **9** Kufanele ni-
hlanganise izindwangu zetende
ezinhlanu ndawonye bese ni-
hlanganisa ezinye izindwangu
zetende eziyisithupha ndawo-
nye, futhi kufanele nipheqe
indwangu yetende yesithupha
engaphambi kwetende. **10** Ku-
fanele nenze izihibe ezingu-50
ekupheleni kwendwangu eyo-
dwa yetende, okuyiyona ese-
kugcineni ezindwangwini ezila-
ndelanayo, nezihibe ezingu-50
ekupheleni kwendwangu yete-
nde kwenye indawo ezihlanga-
na kuyo. **11** Kufanele nenze

---

**25:38** *Noma, "Ithuluzi lalo lokucisha." **25:39** *Ithalenta lalilingana no-34,2 kg. Bheka iSithasiselo B14. **26:2** *Ingalo yayilingana no-44,5 cm. Bheka iSithasiselo B14.

**ISAHL. 25**
*a* Num 8:4
*b* Eks 30:8; Lev 24:2, 3; Num 8:2; 2Kr 13:11
*c* Num 4:9
*d* Eks 39:42; Num 8:4; IzE 7:44; Heb 8:5

**ISAHL. 26**
*e* Heb 8:5; Heb 9:9, 11
*f* Gen 3:24; Hu 99:1
*g* Eks 36:8-13

**Uhla 2**
*a* Num 4:25
*b* Eks 39:33, 34
*c* Eks 35:26
*d* Eks 36:14-18

amahhuku ethusi angu-50 nifa-
ke amahhuku ezihibeni nihla-
nganise itende, libe yinto eyo-
dwa. **12** Ingxenye esalayo ye-
zindwangu zetende izolenga.
Uhhafu osalayo wendwangu ye-
tende uzolenga ngemuva kweta-
bernakele. **13** Izindwangu ze-
tende ezisalayo zizolenga eta-
bernakele ngengalo eyodwa
ohlangothini ngalunye ukuze zi-
limboze.

**14** "Itende nizophinde nile-
nzele isembozo sezikhumba ze-
zinqama ezidaywe zaba bomvu
nesembozo sezikhumba zezi-
mvu zamanzi ngaphezulu.[a]

**15** "Nizokwenzela itaberna-
kele izinhlaka zamapulangwe[b]
ngokhuni lomtholo, zime.[c]
**16** Uhlaka ngalunye lwepula-
ngwe kufanele lube izingalo ezi-
yishumi ukuphakama, nengalo
nohhafu ububanzi. **17** Uhlaka
ngalunye lwepulangwe lunama-
qhuzu amabili.* Yileyo ndle-
la okufanele nenze ngayo zonke
izinhlaka zamapulangwe zeta-
bernakele. **18** Kufanele nenze
izinhlaka zamapulangwe ezi-
ngu-20 zohlangothi oluseningi-
zimu lwetabernakele.

**19** "Nizokwenza izisekelo ze-
siliva ezingu-40 ezinezimbobo[d]
ngaphansi kwezinhlaka zama-
pulangwe ezingu-20: izisekelo
ezimbili ezinezimbobo ngapha-
nsi kohlaka olulodwa lwepula-
ngwe okuzongena kuzo ama-
qhuzwana alo amabili, nezise-
kelo ezimbili ezinezimbobo
ngaphansi kohlaka lwepula-
ngwe ngalunye olulandela-
yo okuzongena kuzo amaqhu-
zwana alo amabili.[e] **20** Olu-
nye uhlangothi lwetabernakele,
uhlangothi olusenyakatho, lwe-
nzeleni izinhlaka zamapula-
ngwe ezingu-20 **21** nezisekelo
zazo zesiliva ezingu-40 ezine-
zimbobo, izisekelo ezimbili ezi-
nezimbobo ngaphansi kohla-
ka olulodwa lwepulangwe ne-
zisekelo ezimbili ezinezimbo-
bo ngaphansi kohlaka lwe-
pulangwe ngalunye olulandela-
yo. **22** Ingxenye engemuva ye-
tabernakele entshonalanga ni-
zoyenzela izinhlaka zamapula-
ngwe eziyisithupha.[a] **23** Nizo-
kwenza izinhlaka zamapula-
ngwe ezimbili ezizoba izigxobo
ezimbili zasemakhoneni ange-
muva etabernakele. **24** Kufa-
nele ziphindeke kabili kusuke-
la phansi kuya phezulu kuze ku-
fike esongweni lokuqala eliphe-
zulu. Lokhu kufanele kwenzi-
we kuzo zombili futhi zizoba
izigxobo ezimbili zasemakho-
neni. **25** Kufanele kube nezi-
nhlaka zamapulangwe ezingu-8
nezisekelo zazo zesiliva ezingu-
16 ezinezimbobo, izisekelo ezi-
mbili ezinezimbobo ngaphansi
kohlaka olulodwa lwepulangwe
nezisekelo ezimbili ezinezimbo-
bo ngaphansi kohlaka lwe-
pulangwe ngalunye olulande-
layo.

**26** "Nizokwenza izingodo zo-
khuni lomtholo, ezinhlanu ze-
zinhlaka zamapulangwe zohla-
ngothi olulodwa lwetaberna-
kele,[b] **27** nezingodo ezinhlanu
zezinhlaka zamapulangwe zolu-
nye uhlangothi lwetabernakele,
nezingodo ezinhlanu zezinhla-
ka zamapulangwe zohlangothi
lwetabernakele olusentshonala-
nga, lwengxenye engemuva.
**28** Ugodo oluphakathi nenda-
wo olunqamula maphakathi ne-
zinhlaka zamapulangwe kufa-
nele lusuke kolunye uhlangothi
luye kolunye.

**29** "Nizonameka izinhlaka za-
mapulangwe ngegolide,[c] nizo-
kwenza amasongo azo egolide

**ISAHL. 26**
a Eks 36:19
b Num 4:29, 31
c Eks 36:20-23
d Num 3:36
e Eks 36:24-26

**Uhla 2**
a Eks 36:27-30
b Eks 36:31-33
c Eks 12:35, 36
Eks 36:34

**26:17** *Noma, "lunezindukwana ezimbi-
li ezimile."

abe yizinto zokufaka izingo-
do, lezi zingodo kufanele ni-
zinameke ngegolide. **30** Itaber-
nakele kumele nilimise ngokom-
klamo walo enawuboniswa enta-
beni.[a]

**31** “Kufanele nenze ikhethi-
ni[b] lentambo eluhlaza okwe-
sibhakabhaka, uboya obuphe-
phuli, indwangu ebomvu ne-
lineni elisezingeni eliphezu-
lu elisontiwe. Lizokwenziwa
libe nomfanekiso wamakheru-
bi othungelwe kulo. **32** Nizoli-
gaxa ezinsikeni ezine zomtholo
ezinanyekwe ngegolide. Ama-
hhuku azo kufanele kube awe-
golide. Izinsika kufanele zibe
phezu kwezisekelo zesiliva ezi-
ne ezinezimbobo. **33** Nizole-
ngisa ikhethini ngaphansi kwa-
mahhuku, ningenise umpho-
ngolo wobuFakazi[c] lapho nga-
phakathi kwekhethini. Ikhe-
thini lizonihlukanisela indawo
eNgcwele[d] neNgcwelengcwele.[e]
**34** Kumele nibeke isivalo phe-
zu komphongolo wobuFakazi
endaweni eNgcwelengcwele.

**35** “Nizobeka itafula nga-
phandle kwekhethini, uthi
lwesibani[f] luqondane netafu-
la ohlangothini lwetabernake-
le oluseningizimu; itafula lona
nizolibeka ohlangothini olu-
senyakatho. **36** Nizokwenza
ikhethini* lomnyango wete-
nde ngentambo eluhlaza okwe-
sibhakabhaka, uboya obuphe-
phuli, indwangu ebomvu neli-
neni elisezingeni eliphezulu eli-
sontiwe, kwelukwe kuhlangani-
swe ndawonye.[g] **37** Nizokwe-
nzela ikhethini* izinsika ezi-
nhlanu zomtholo nizinameke
ngegolide. Amahhuku azo ku-
fanele kube awegolide futhi ni-
zozibumbela izisekelo zethusi
ezinhlanu ezinezimbobo.

**26:36, 37** *Noma, “isihenqo.”

**ISAHL. 26**
*a* Eks 19:3
Eks 25:9
IzE 7:44
Heb 8:5
*b* Eks 36:35, 36
Luk 23:45
Heb 6:19
Heb 9:3
Heb 10:19, 20
*c* 1Kh 8:6
*d* Eks 40:22, 26
*e* Eks 40:21
Lev 16:2
1Kh 8:6
Heb 9:2-4
Heb 9:12, 24
*f* Lev 24:2, 3
1Kh 7:48, 49
*g* Eks 36:37, 38

**Uhla 2**

**ISAHL. 27**
*a* Eks 40:29
2Kr 4:1
Heb 13:10
*b* Eks 38:1-7
*c* Lev 4:25
*d* 1Kh 8:64
*e* 1Kh 7:45
*f* Num 4:14, 15
*g* Eks 25:40
1Kr 28:12
IzE 7:44
Heb 8:5
*h* Eks 40:8
1Kh 6:36
*i* Eks 38:9-15

**27** “Nizokwenza i-altare lo-
khuni lomtholo;[a] lizoba
izingalo* ezinhlanu ubude nezi-
ngalo ezinhlanu ububanzi. Leli
altare kufanele libe nezinhla-
ngothi ezine ezilinganayo, uku-
phakama kwalo kube izingalo
ezintathu.[b] **2** Nizokwenza izi-
mpondo[c] emakhoneni alo ama-
ne; izimpondo zizoba ingxe-
nye ye-altare futhi nizolina-
meka ngethusi.[d] **3** Nizokwe-
nza amabhakede okususa
umlotha* kulo, kanye namaha-
lavu, izitsha, izimfologo, nemi-
cengezi yomlilo futhi zonke izi-
nto zalo nizozenza ngethu-
si.[e] **4** Kumele nilenzele isise-
fo, inethi lethusi, phezu kwe-
nethi nenze amasongo amane
ethusi emakhoneni alo amane.
**5** Nizolifaka ngaphansi konqe-
nqema oluphezulu lwe-altare,
inethi libe maphakathi ne-
ndawo ne-altare. **6** Nizokwe-
nzela i-altare izinduku zokhuni
lomtholo, nizinameke ngethu-
si. **7** Izinduku zalo zizofakwa
emasongweni ukuze zibe se-
zinhlangothini ezimbili ze-alta-
re lapho lithwalwa.[f] **8** Nizole-
nza libe njengebhokisi lamapu-
langwe elingenalutho. Kufane-
le lenziwe njengoba nje uNku-
lunkulu enibonisile entabeni.[g]

**9** “Nizokwenza igceke[h] leta-
bernakele. Ohlangothini oluse-
ningizimu, igceke lizoba nama-
khethini alengayo elineni eli-
sezingeni eliphezulu elisonti-
we, ubude balolu hlangothi bu-
yizingalo ezingu-100.[i] **10** Lizo-
ba nezinsika ezingu-20 ezinezi-
sekelo zethusi ezingu-20 ezi-
nezimbobo. Amahhuku ezi-
nsika nezinto zawo zokubopha

**27:1** *Ingalo yayilingana no-44,5 cm. Bheka iSithasiselo B14. **27:3** *Noma, “umlotha onamafutha,” okuwukuthi, umlotha onamafutha emihlatshelo.

okwesiliva.* **11** Amakhethini
alengayo asohlangothini oluse-
nyakatho nawo azoba izinga-
lo ezingu-100 ubude, kanye ne-
zinsika zawo ezingu-20 nezi-
sekelo zawo zethusi ezingu-
20 ezinezimbobo, namahhu-
ku esiliva ezinsika nezinto zo-
kubopha* zesiliva zezinsika.
**12** Amakhethini alengayo aso-
hlangothini olusentshonalanga
lwegceke kufanele abe izinga-
lo ezingu-50 ububanzi, kube
nezinsika eziyishumi nezise-
kelo eziyishumi ezinezimbobo.
**13** Ububanzi begceke ohlango-
thini olusempumalanga buyizi-
ngalo ezingu-50. **14** Kolunye
uhlangothi kuzolenga amakhe-
thini ayizingalo ezingu-15, kube
nezinsika ezintathu nezise-
kelo ezintathu ezinezimbobo.[a]
**15** Kolunye uhlangothi kuzole-
nga amakhethini ayizingalo
ezingu-15, kube nezinsika ezi-
ntathu nezisekelo ezintathu
ezinezimbobo.

**16** "Esangweni legceke ku-
fanele kube khona ikhethini*
eliyizingalo ezingu-20 ubude
elenziwe ngentambo eluhlaza
okwesibhakabhaka, uboya obu-
phephuli, indwangu ebomvu
nelineni elisezingeni eliphezulu
elisontiwe okwelukwe kwahla-
nganiswa ndawonye,[b] kube ne-
zinsika ezine nezisekelo zazo
ezine ezinezimbobo.[c] **17** Zo-
nke izinsika ezizungeze igce-
ke zizoba nezinto zokubopha
zesiliva namahhuku esiliva, ko-
dwa izisekelo zazo ezinezimbo-
bo zizoba ezethusi.[d] **18** Igce-
ke kufanele libe izingalo ezi-
ngu-100 ubude,[e] ububanzi bube
izingalo ezingu-50 nokuphaka-
ma kube izingalo ezinhlanu, le-
nziwe ngelineni elisezingeni
eliphezulu elisontiwe, kufanele
libe nezisekelo zethusi ezine-
zimbobo. **19** Zonke izinto ezi-
setshenziswa enkonzweni yeta-
bernakele, nazo zonke izikho-
nkwane zalo zetende, nazo zo-
nke izikhonkwane zegceke ku-
fanele kube okwethusi.[a]

**20** "Wena, kufanele uyale
ama-Israyeli ukuba alethe ama-
futha omnqumo ahlanzekile
okuzokhanyiswa ngawo, uku-
ze ugcine izibani zikhanya nja-
lo.[b] **21** Etendeni lokuhlanga-
na, ngaphandle kwekhethini
eliseduze kobuFakazi,[c] u-Aro-
ni namadodana akhe bazohle-
la ukuba kugcinwe izibani zi-
khanya kusukela kusihlwa kuze
kuse phambi kukaJehova.[d] Ku-
wumthetho zonke izizukulwane
zama-Israyeli okufanele ziwu-
gcine.[e]

**28** "Kuma-Israyeli kufanele
ubize umfowenu u-Aroni
kanye namadodana akhe, uku-
ze abe umpristi kimi[f]—u-Aro-
ni,[g] kanye noNadabi no-Abhi-
hu,[h] u-Eleyazare no-Itamari,[i]
amadodana ka-Aroni.[j] **2** Kufa-
nele wenzele u-Aroni umfowe-
nu izingubo ezingcwele, nge-
njongo yenkazimulo nobuhle.[k]
**3** Kufanele ukhulume nabo bo-
nke abanekhono,* labo engi-
bagcwalise ngomoya wokuhla-
kanipha,[l] bazokwenza izi-
ngubo zika-Aroni zokungcweli-
swa kwakhe, ukuze abe umpri-
sti kimi.

**4** "Yilezi izingubo abazo-
zenza: isiqephu sesifuba,[m]
i-efodi,[n] ijazi elingenamikho-
no,[o] ingubo enezikwele, idu-
ku lokushuqula[p] nebhande le-
ndwangu;[q] lezi zingubo ezi-
ngcwele bazozenzela umfowe-
nu u-Aroni namadodana akhe,

ISAHL. 27
a Eks 39:33, 40
b Eks 35:25
c Eks 38:18, 19
d Eks 38:17
e Eks 27:9

Uhla 2
a Eks 38:20; Num 3:36, 37
b Eks 39:33, 37; Lev 24:1-3
c Eks 26:33; Eks 40:3; Heb 9:2, 3
d Eks 30:8
e Num 18:23

ISAHL. 28
f Lev 8:2; Heb 5:1
g Heb 5:4
h Lev 10:1; Num 26:61
i Eks 38:21; Lev 10:16; 1Kr 24:2
j Eks 6:23; 1Kr 6:3
k Eks 29:5; Lev 8:7
l Eks 31:6; Eks 36:1
m Eks 39:8, 15; Lev 8:8
n Eks 39:2
o Eks 39:22
p Eks 39:27, 28; Eks 39:30, 31; Lev 8:9
q Eks 39:27, 29; Lev 8:7

**27:10** *Noma, "namasongo azo okubopha esiliva." **27:11** *Noma, "amasongo okubopha." **27:16** *Noma, "isihenqo."

**28:3** *NgesiHebheru, "abahlakaniphile enhliziyweni."

ukuze abe umpristi kimi.
**5** Izisebenzi ezinekhono zi-
zosebenzisa igolide, intambo
eluhlaza okwesibhakabhaka,
uboya obuphephuli, indwangu
ebomvu nelineni elisezingeni
eliphezulu.

**6** "Kufanele zenze i-efodi
ngentambo yegolide, intambo
eluhlaza okwesibhakabhaka,
uboya obuphephuli, indwangu
ebomvu nelineni elisezinge-
ni eliphezulu elisontiwe, kufa-
nele lilukwe libe nemihlobiso.[a]
**7** Kufanele libe neziqephu ezi-
mbili zasemahlombe ezihlanga-
niswe phezulu. **8** Ibhande eli-
lukiwe,*[b] laxhunywa kuyi-efo-
di ukuze lilibophe liqine, kufa-
nele lenziwe ngezinto ezifana-
yo: igolide, intambo eluhlaza
okwesibhakabhaka, uboya obu-
phephuli, indwangu ebomvu
nelineni elisezingeni eliphezulu
elisontiwe.

**9** "Kufanele uthathe ama-
tshe amabili e-onikisi[c] uqophe
kuwo amagama amadodana ka-
Israyeli,[d] **10** amagama ayisi-
thupha etsheni elilodwa nama-
gama ayisithupha asele kweli-
nye itshe ngokwelamana kwa-
wo. **11** Umuntu oqopha ama-
tshe uzoqopha amagama ama-
dodana ka-Israyeli kula matshe
ngendlela abengaqopha ngayo
uphawu.[e] Ngemva kwalokho
kufanele uwafake ezintweni ze-
golide azonamathela kuzo uku-
ze angasuki. **12** Kufanele la
matshe amabili uwabeke ezi-
qeshini zasemahlombe ze-
efodi abe amatshe esikhumbu-
zo kubantwana bakwa-Israyeli,[f]
u-Aroni kumele athwale ama-
gama awo phambi kukaJeho-
va phezu kweziqephu zakhe
ezimbili zasemahlombe njenge-
sikhumbuzo. **13** Kufanele we-
nze izinto zegolide ezizozu-
ngeza amatshe **14** namaketa-
nga amabili egolide elihlanzeki-
le asonteke njengendophi,[a] fu-
thi kumele unamathisele la ma-
ketanga anjengendophi kulezi
zinto zegolide.[b]

**15** "Kufanele umuntu owe-
nza imihlobiso akwenzele isi-
qephu sesifuba sokwahlulela.[c]
Kufanele senziwe njenge-
efodi, senziwe ngegolide, inta-
mbo eluhlaza okwesibhakabha-
ka, uboya obuphephuli, indwa-
ngu ebomvu nelineni elise-
zingeni eliphezulu elisontiwe.[d]
**16** Kufanele sibe nezinhlango-
thi ezine ezilinganayo lapho si-
phindiwe, ubude baso bube
ngangobubanzi besandla* no-
bubanzi baso bube ngango-
bubanzi besandla. **17** Kufa-
nele unamathisele kuso ama-
tshe, izinhlu ezine zamatshe.
Uhlu lokuqala irubi, itopazi
ne-emeraldi. **18** Uhlu lwesibi-
li itherkhoyisi, isafire nejaspi.
**19** Uhlu lwesithathu itshe lele-
shemu,* i-agathe ne-amethiste.
**20** Uhlu lwesine ikrisolithe,
i-onikisi nejeyidi. Kufanele ana-
nyathiselwe ezinhlakeni zegoli-
de. **21** La matshe kufanele
ahambisane namagama amado-
dana ka-Israyeli angu-12. Ngali-
nye kufanele liqoshwe njengo-
phawu, igama ngalinye limelele
isizwe ngasinye kwezingu-12.

**22** "Kufanele wenze ama-
ketanga anjengezindophi ze-
golide elihlanzekile esiqeshi-
ni sesifuba.[e] **23** Kufanele we-
nze amasongo amabili egolide
esiqephu sesifuba, bese ufa-
ka lawo masongo amabili ema-
khoneni amabili esiqephu sesi-
fuba. **24** Kufanele ufake ama-

ISAHL. 28
*a* Eks 39:2-5
*b* Eks 29:5
*c* Eks 35:5, 9; Eks 35:27
*d* Eks 1:1-4
*e* Eks 39:6, 14
*f* Eks 39:7

Uhla 2
*a* Eks 39:15
*b* Eks 39:18
*c* Eks 28:30; Lev 8:8; Num 27:21
*d* Eks 39:8-14
*e* Eks 39:15-18

---

**28:8** *Noma, "Ibhande lasokhalweni."

**28:16** *Cishe u-22,2 cm. Bheka iSithasiselo B14. **28:19** *Yitshe eliyigugu elingashiwongo, okungenzeka kubhekiselwa kuyinhlaka, ihiyakinte, i-opal noma i-tourmaline.

ketanga amabili egolide ema-
songweni amabili asemakhone-
ni esiqephu sesifuba. **25** Uzo-
faka amaketanga amabili ezi-
ntweni ezimbili zegolide fu-
thi kumele uzinamathisele ezi-
qeshini zasemahlombe e-efodi,
ngaphambili. **26** Kufanele we-
nze amasongo egolide amabi-
li uwabeke emakhoneni amabili
esiqephu sesifuba abe ngapha-
kathi abheke i-efodi.[a] **27** Ku-
fanele wenze amanye amaso-
ngo egolide amabili ngapha-
mbi kwe-efodi, ngezansi kwe-
ziqephu zasemahlombe ezimbi-
li, eduze kwalapho lihlangana
khona, ngenhla kwebhande eli-
lukiwe* le-efodi.[b] **28** Isiqephu
sesifuba kufanele sibanjwe
intambo eluhlaza okwesibha-
kabhaka, amasongo aso abo-
shelwe emasongweni e-efodi.
Lokhu kuzokwenza isiqephu
sesifuba singagudluki kuyi-efo-
di, ngaphezu kwebhande elilu-
kiwe.*

**29** "U-Aroni kumele apha-
the amagama amadodana ka-
Israyeli esiqeshini sesifuba so-
kwahlulela phezu kwenhliziyo
yakhe lapho engena endawe-
ni eNgcwele njengesikhumbu-
zo sasikhathi sonke phambi ku-
kaJehova. **30** Kufanele ufake
i-Urimi neThumimi*[c] esiqeshi-
ni sesifuba sokwahlulela, kube
phezu kwenhliziyo ka-Aroni la-
pho engena phambi kukaJe-
hova, u-Aroni kumele aphathe
lezi zinto zokwahlulela ama-
Israyeli zibe phezu kwenhlizi-
yo yakhe njalo phambi kukaJe-
hova.

**31** "Lonke ijazi le-efodi eli-
ngenamikhono kufanele ule-
nze ngentambo eluhlaza okwe-
sibhakabhaka.[d] **32** Kufanele
libe nembobo yokufaka ikha-
nda phezulu maphakathi nalo.
Le mbobo yalo kufanele ibe
nomphetho ojikelezayo olu-
kwe isisebenzi esilukayo. Ku-
fanele ibe njengembobo ye-
jazi lensimbi, ukuze ingadabu-
ki. **33** Kufanele wenze ama-
halananda* ngentambo elu-
hlaza okwesibhakabhaka, ubo-
ya obuphephuli nendwangu
ebomvu, azungeze umphetho
walo, kanye nezinsimbi zego-
lide phakathi kwawo. **34** Ku-
fanele ushintshanise insimbi
yegolide nehalananda, insi-
mbi yegolide nehalananda ku-
zungeze umphetho wejazi eli-
ngenamikhono. **35** Kumele li-
gqokwe u-Aroni ukuze akho-
nze futhi umsindo walo ku-
mele uzwakale lapho engena
endlini engcwele phambi kuka-
Jehova nalapho ephuma, uku-
ze angafi.[a]

**36** "Kufanele wenze ucwe-
cwe olucwebezelayo lwegolide
elihlanzekile uqophe kulo nge-
ndlela umuntu abengaqopha
ngayo uphawu, oluthi: 'Ubu-
ngcwele bungobukaJehova.'[b]
**37** Kumele ulubophele edu-
kwini lokushuqula[c] ngentambo
eluhlaza okwesibhakabhaka;
kufanele lube ngaphambili edu-
kwini lokushuqula. **38** Kufa-
nele lube sesiphongweni sika-
Aroni futhi u-Aroni uyoba ne-
cala lapho umuntu enza iso-
no ngokumelene nezinto ezi-
ngcwele,[d] lezo ama-Israyeli
azingcwelisayo lapho ezinikela
njengezipho ezingcwele. Kume-
le luhlale lusesiphongweni sa-
khe, ukuze athole ukwamuke-
lwa phambi kukaJehova.

**39** "Kufanele weluke ingubo
enezikwele eyenziwe ngelineni
elisezingeni eliphezulu, wenze

28:27, 28 *Noma, "kwebhande lasokhalweni." 28:30 *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

28:33 *Noma, "amahananadi."

ISAHL. 28
a Eks 39:19-21
b Eks 28:8; Lev 8:7
c Lev 8:8; Num 27:21; Dut 33:8; 1Sa 28:6; Ezr 2:62, 63
d Eks 39:22-26; Lev 8:7

Uhla 2
a Lev 16:2; Num 18:7
b Eks 39:30, 31; Lev 8:9; 1Kr 16:29; Hu 93:5; 1Pe 1:16
c Eks 29:6
d Lev 22:9; Num 18:1

iduku lokushuqula lelineni elisezingeni eliphezulu, wenze nebhande elilukiwe.[a]

**40** “Amadodana ka-Aroni nawo uzowenzela izingubo, amabhande nokokuthwala ekhanda[b] ngenjongo yenkazimulo nobuhle.[c] **41** Uzokugqokisa umfowenu u-Aroni namadodana akhe akanye naye, kufanele ubagcobe,[d] ubamise[e] futhi ubangcwelise njengabapristi kimi. **42** Kufanele ubenzele nezikhindi* zangaphansi zelineni ukuze bamboze ubunqunu babo.[f] Kufanele zisuke ezinqulwini zigcine emathangeni. **43** Kumele zigqokwe u-Aroni namadodana akhe lapho bengena etendeni lokuhlangana noma lapho besondela e-altare beyokhonza endaweni engcwele, ukuze bangazilethelí icala bafe. Kuwumthetho waphakade kuye nasenzalweni* yakhe.

**29** “Yilokhu okufanele ukwenze ukuze ubangcwelise ukuba babe abapristi kimi: Thatha ithole leduna, izinqama ezimbili eziphile kahle,[g] **2** isinkwa esingenamvubelo, olofu bezinkwa abamise okwesongo abanamafutha, nezingcezwana ezingenamvubelo ezigcotshwe ngamafutha.[h] Kufanele ukwenze ngofulawa ocolekile kakolweni **3** ukufake kubhasikidi ukulethe phambi kwami ngobhasikidi[i] kanye nenkunzi nezinqama ezimbili.

**4** “Uzoletha u-Aroni namadodana akhe emnyango wetende lokuhlangana,[j] ubageze ngamanzi.[k] **5** Ngemva kwalokho kufanele uthathe izingubo[l] ugqokise u-Aroni ingubo enezikwele, ijazi elingenamikhono leefodi, i-efodi nesiqephu sesifuba futhi kufanele ibhande elilukiwe* le-efodi ulibophe uliqinise okhalweni lwakhe.[a] **6** Kufanele umthwese iduku lokushuqula futhi ubeke uphawu olungcwele lokuzinikezela* edukwini lokushuqula;[b] **7** uthathe amafutha okugcoba[c] uwathele ekhanda lakhe umgcobe.[d]

**8** “Ngemva kwalokho usondeze amadodana akhe uwagqokise izingubo,[e] **9** ubabophe ngamabhande endwangu, u-Aroni kanye namadodana akhe, ubashuqulise emakhanda; ubupristi buzoba ngobabo njengomthetho waphakade.[f] Yile ndlela okufanele umise ngayo u-Aroni namadodana akhe ukuba babe abapristi.[g]

**10** “Kufanele ulethe inkunzi phambi kwetende lokuhlangana, u-Aroni namadodana akhe bazobeka izandla zabo phezu kwenhloko yenkunzi.[h] **11** Uhlabe inkunzi phambi kukaJehova, emnyango wetende lokuhlangana.[i] **12** Uthathe ngomunwe elinye igazi lenkunzi uligcobe ezimpondweni ze-altare,[j] lonke elinye igazi ulithulule phansi e-altare.[k] **13** Uthathe wonke umhlwehlwe[l] omboze amathumbu, amafutha asesibindini, nezinso ezimbili namafutha akuzo, ukushise ukuze kushunqe phezu kwe-altare.[m] **14** Kodwa inyama yenkunzi nesikhumba sayo nomswani wayo, uzokushisa ngomlilo kude nalapho nihlala khona. Kungumnikelo wesono.

**15** “Uzothatha inqama eyodwa, u-Aroni namadodana akhe kumele babeke izandla zabo enhloko yale nqama.[n] **16** Yihlabe le nqama uthathe igazi layo ulifafaze kuzo zonke

---

28:42 *Noma, “nezingubo.” 28:43 *NgesiHebheru, “nasembewini.”

29:5 *Noma, “ibhande lasokhalweni.” 29:6 *Noma, “umqhele ongcwele.”

---

ISAHL. 28
a Eks 28:4; Eks 39:27-29
b Lev 8:13
c Eks 28:2
d Eks 29:4, 7; Eks 30:30; IzE 10:38; 2Ko 1:21
e Eks 29:8, 9; Lev 8:33; Num 3:2, 3
f Lev 6:10

ISAHL. 29
g Lev 8:2; Dut 17:1
h Lev 6:20
i Lev 8:26
j Eks 26:36; Eks 40:28; Lev 8:2, 3
k Lev 8:6; Heb 10:22
l Eks 28:4; Lev 8:7; Lev 16:4

Uhla 2
a Eks 28:8
b Eks 28:36; Eks 39:30; Lev 8:9
c Eks 30:23-25
d Lev 8:12; Hu 133:2; Isay 61:1; IzE 10:38
e Eks 28:40; Lev 8:13
f Eks 28:1-3; Eks 28:40, 43; Eks 40:15
g Eks 28:41
h Lev 8:14-17
i Lev 4:3
j Eks 27:2
k Lev 4:7
l Lev 3:17
m Lev 4:8-10
n Lev 1:4; Lev 8:18-21

izinhlangothi ze-altare.[a] **17** Yi-
hlinze inqama ibe izingxenye,
ugeze amathumbu[b] namanqi-
na ayo, bese uhlela izingxe-
nye zayo kanye nenhloko yayo.
**18** Kumele uyishise yonke inqa-
ma, uyishunqise phezu kwe-
altare. Ingumnikelo oshiswa-
yo oya kuJehova, iphunga eli-
mnandi.*[c] Ingumnikelo oshiswa
emlilweni oya kuJehova.

**19** "Ngemva kwalokho kufa-
nele uthathe le enye inqa-
ma, u-Aroni namadodana akhe
kufanele babeke izandla
zabo phezu kwenhloko yayo.[d]
**20** Uhlabe inqama futhi utha-
the elinye igazi layo uligcobe
endlebeni yesokudla ka-Aroni
nasezindlebeni zesokudla za-
madodana akhe nasezithuphe-
ni zabo nakobhozo bezinyawo
zabo zesokudla, ufafaze igazi
kuzo zonke izinhlangothi ze-
altare. **21** Uthathe elinye iga-
zi elise-altare namafutha oku-
gcoba,[e] ukufafaze ku-Aroni na-
sezingutsheni zakhe nasema-
dodaneni akhe nasezingutshe-
ni zawo, ukuze yena nezingubo
zakhe namadodana akhe nezi-
ngubo zawo babe ngcwele.[f]

**22** "Uthathe enqameni ama-
futha, umsila ononile, um-
hlwehlwe omboze amathumbu,
amafutha asesibindini, izinso
ezimbili namafutha akuzo[g] no-
mlenze wesokudla, ngoba iyi-
nqama yokumisa u-Aroni nje-
ngompristi.[h] **23** Uthathe ne-
sinkwa esiyindilinga, nolofu
wesinkwa omise okwesongo
onamafutha, nocezwana lwe-
sinkwa kubhasikidi wesinkwa
esingenamvubelo ophambi ku-
kaJehova. **24** Kumele ukubebe-
ke konke ezandleni zika-Aro-
ni nasezandleni zamadodana
akhe, ukuzulise njengomnike-
lo ozuliswayo phambi kuka-
Jehova. **25** Uzokuthatha eza-
ndleni zabo ukushise e-altare,
phezu komnikelo oshiswayo,
kube yiphunga elimnandi pha-
mbi kukaJehova. Kungumnike-
lo oshiswa emlilweni oya kuJe-
hova.

**26** "Ngemva kwalokho utha-
the isifuba senqama yokumisa
umpristi,[a] enikelelwa u-Aroni,
usizulise njengomnikelo ozuli-
swayo phambi kukaJehova, si-
zoba isabelo sakho. **27** Kufa-
nele ungcwelise isifuba somni-
kelo ozuliswayo nomlenze we-
sabelo esingcwele okuzulisi-
we futhi okuthathwe enqame-
ni yokumisa umpristi,[b] kulokho
obekunikelelwa u-Aroni na-
madodana akhe. **28** Kufanele
kube okuka-Aroni namadoda-
na akhe ngomthetho waphaka-
de okufanele ugcinwe ama-
Israyeli, ngoba kuyisabelo esi-
ngcwele futhi kuyoba isabelo
esingcwele okufanele sinike-
lwe ama-Israyeli.[c] Kuyisabelo
sawo esingcwele asinika uJe-
hova esivela emihlatshelweni
yawo ehlanganyelwayo.[d]

**29** "Izingubo ezingcwele[e] zi-
ka-Aroni ziyosetshenziswa ama-
dodana akhe[f] ngemva kwakhe
lapho egcotshwa futhi emi-
swa njengabapristi. **30** Umpri-
sti ozongena esikhundleni sakhe
phakathi kwamadodana akhe fu-
thi ongena etendeni lokuhla-
ngana ukuba akhonze endawe-
ni engcwele uyozigqoka izinsuku
eziyisikhombisa.[g]

**31** "Uzothatha inqama yoku-
misa umpristi ubilise inya-
ma yayo endaweni engcwele.[h]
**32** U-Aroni namadodana akhe
bazodla[i] leyo nyama yenqa-
ma kanye nesinkwa esiku-
bhasikidi emnyango wetende

---

**29:18** *Noma, "elanelisayo; elizolisayo." NgesiHebheru, "elizolile."

ISAHL. 29
a Heb 9:22
b Lev 1:13
c Gen 8:21
d Lev 8:22-24
e Eks 30:23-25
f Lev 8:30
g Lev 3:9, 10
h Lev 8:22; Lev 8:25-28

Uhla 2
a Lev 8:29; Hu 99:6
b Eks 29:22
c Lev 7:34; Lev 10:14
d Lev 7:11, 14
e Eks 28:4
f Num 20:26
g Lev 8:35
h Lev 8:31
i 1Ko 9:13

lokuhlangana. **33** Kufanele badle izinto ezazinikelwe njengesihlawulelo ukuze bamiswe njengabapristi nokuba bangcweliswe. Kodwa umuntu ongagunyaziwe* akufanele azidle ngoba ziyizinto ezingcwele.[a] **34** Uma kukhona inyama yomhlatshelo wokumisa umpristi nesinkwa okusale kwaze kwaba sekuseni, kumele nikushise ngomlilo.[b] Akumele kudliwe ngoba kuyinto engcwele.

**35** “Kufanele wenze ngale ndlela ku-Aroni namadodana akhe, ngokuvumelana nakho konke engikuyale ngakho. Uzothatha izinsuku eziyisikhombisa ukubamisa njengabapristi.[c] **36** Uzonikela inkunzi yomnikelo wesono nsuku zonke ngenjongo yokuhlawulelwa, uhlanze i-altare esonweni ngokulenzela isihlawulelo, kumele uligcobe ukuze ulingcwelise.[d] **37** Uzothatha izinsuku eziyisikhombisa ukwenzela i-altare isihlawulelo, kumele ulingcwelise ukuze libe i-altare elingcwelengcwele.[e] Noma ubani othinta i-altare kumele abe ngcwele.

**38** “Yilokhu ozokunikela e-altare: amawundlu amabili eduna anonyaka owodwa, usuku nosuku.[f] **39** Elilodwa uzolinikela ekuseni, elinye ulinikele uma sekuhwalele.*[g] **40** Ingxenye yeshumi ye-efa* likafulawa ocolekile ohlanganiswe nengxenye yesine yehini# lamafutha omnqumo, nomnikelo ophuzwayo wengxenye yesine yehini lewayini, kuzohambisana newundlu leduna lokuqala. **41** Elesibili uzolinikela uma sekuhwalele,* kanye nomnikelo ofanayo wokudla okusanhlamvu nophuzwayo onjengowasekuseni. Uzokunikela kube iphunga elimnandi,# umnikelo oshiswa emlilweni oya kuJehova. **42** Kufanele kube umnikelo oshiswa njalo kuzo zonke izizukulwane zenu emnyango wetende lokuhlangana phambi kukaJehova, lapho ngizozibonakalisa khona kini ukuze ngikhulume nawe lapho.[a]

**43** “Ngizozibonakalisa lapho kuma-Israyeli futhi lizongcweliswa ngenkazimulo yami.[b] **44** Ngizongcwelisa itende lokuhlangana ne-altare futhi ngizongcwelisa u-Aroni namadodana akhe[c] ukuze babe abapristi kimi. **45** Ngizohlala* phakathi kwabantu bakwa-Israyeli, ngibe uNkulunkulu wabo.[d] **46** Nakanjani bazokwazi ukuthi nginguJehova uNkulunkulu wabo, owabakhipha ezweni laseGibhithe ukuze ngihlale phakathi kwabo.[e] NginguJehova uNkulunkulu wabo.

**30** “Kufanele wenze i-altare libe indawo yokushisa impepho;[f] uzolenza ngokhuni lomtholo.[g] **2** Kufanele libe nezinhlangothi ezine ezilinganayo, libe ingalo* ubude, ingalo ububanzi, ukuphakama kube izingalo ezimbili. Lizokwenziwa libe nezimpondo.[h] **3** Kufanele ulinameke ngegolide elihlanzekile: ingaphezulu lalo, izinhlangothi zalo zonke nezimpondo zalo; kufanele ulenze-

**29:33** *NgesiHebheru, “isihambi,” okuwukuthi, umuntu ongeyena owomndeni ka-Aroni. **29:39, 41** *NgesiHebheru, “phakathi kokuhlwa okubili.” **29:40** *I-efa lalilingana no-22 L. Bheka iSithasiselo B14. #Ihini lalilingana no-3,67 L. Bheka iSithasiselo B14.

**29:41** #Noma, “elanelisayo; elizolisayo.” NgesiHebheru, “elizolile.” **29:45** *Noma, “Ngizohlala etabernakele.” **30:2** *Cishe ngu-44,5 cm. Bheka iSithasiselo B14.

**ISAHL. 29**
a Lev 22:10; Num 3:10
b Lev 8:32
c Lev 8:4, 33
d Eks 30:26, 28; Lev 8:11; Num 7:1
e Eks 40:10
f 2Kr 2:4; Heb 7:27; Heb 10:11
g Num 28:4-6

**Uhla 2**
a Eks 25:22; Lev 1:1; Num 17:4
b Eks 40:34; Num 12:5; 1Kh 8:11
c Lev 22:9
d Eks 25:8; Lev 26:12; Zak 2:11; 2Ko 6:16
e Eks 20:2

**ISAHL. 30**
f Eks 40:5
g Eks 37:25-28
h Eks 27:1, 2; Lev 4:7

le iphethelo* legolide elilizu-
ngezayo# engxenyeni ephezulu.
**4** Uzolenzela namasongo ama-
bili egolide ngezansi kwephe-
thelo* lalo ezinhlangothini ezi-
mbili ezibhekene, azobamba
izinduku ezizosetshenziselwa
ukulithwala. **5** Uzokwenza
lezi zinduku zokhuni lomtholo
uzinameke ngegolide. **6** Ku-
fanele ulibeke phambi kwe-
khethini eliseduze komphongo-
lo wobuFakazi,[a] phambi kwesi-
valo esiphezu kobuFakazi, la-
pho ngizozibonakalisa khona
kuwe.[b]

**7** "U-Aroni[c] uzoshisa impe-
pho enamakha[d] kulo,[e] ayishu-
nqise phezu kwe-altare la-
pho elungisa izibani[f] njalo eku-
seni. **8** Nalapho u-Aroni ekha-
nyisa izibani uma sekuhwale-
le,* uzoyishisa impepho. Ngu-
mnikelo wempepho wasikhathi
sonke ozonikelwa phambi ku-
kaJehova kuzo zonke izizuku-
lwane zenu. **9** Akumele uni-
kele kulo impepho engagu-
nyaziwe[g] noma umnikelo oshi-
swayo noma umnikelo woku-
dla okusanhlamvu futhi aku-
mele uthele umnikelo ophu-
zwayo kulo. **10** U-Aroni ku-
mele enze isihlawulelo phe-
zu kwezimpondo zalo kanye
ngonyaka.[h] Uzolenzela isihla-
wulelo ngelinye legazi lomni-
kelo wesono wesihlawulelo[i] ka-
nye ngonyaka kuzo zonke izi-
zukulwane zenu. Lingcwele-
ngcwele kuJehova."

**11** UJehova wabe esethi ku-
Mose: **12** "Noma nini lapho
ubala abantwana bakwa-Isra-
yeli ukuze uthole inani
labo,[j] ngamunye kumele ani-
ke uJehova isihlengo soku-
phila* kwakhe lapho beba-
lwa. Lokhu kwenzelwa uku-
ba kungabikho nhlupho ele-
thwa kubo lapho bebhaliswa.
**13** Yilokhu bonke ababhali-
siwe abazokukhipha: uhhafu
weshekeli* ngeshekeli elivami-
le lendawo engcwele.#[a] Amage-
ra△ angu-20 alingana neshekeli.
Uhhafu weshekeli ungumnike-
lo kuJehova.[b] **14** Wonke umu-
ntu obhalisiwe oneminyaka
engu-20 nangaphezulu uzo-
khipha umnikelo kaJehova.[c]
**15** Ocebile akufanele akhiphe
okungaphezulu nohluphekayo
akufanele akhiphe okungapha-
nsi kukahhafu weshekeli* nje-
ngomnikelo kaJehova ukuze
nenzele ukuphila# kwenu isi-
hlawulelo. **16** Kufanele utha-
the imali yesiliva yesihlawule-
lo kuma-Israyeli uyinikelele
inkonzo yetende lokuhlangana,
ukuze ibe isikhumbuzo phambi
kukaJehova ngenxa yama-Isra-
yeli, ukuze yenzele ukuphila#
kwenu isihlawulelo."

**17** UJehova waqhubeka
ekhuluma noMose, ethi:
**18** "Yenza indishi yethusi yoku-
geza nento ezohlala kuyo;[d] uyi-
beke phakathi kwetende loku-
hlangana ne-altare ufake ama-
nzi kuyo.[e] **19** U-Aroni namado-
dana akhe bazogeza izandla ne-
zinyawo zabo khona.[f] **20** La-
pho bengena etendeni lokuhla-
ngana noma lapho besonde-
la e-altare beyokhonza futhi be-
yokwenza iminikelo yomlilo ne-
shunqiswayo kuJehova, bazoge-
za ngamanzi ukuze bangafi.

**30:3** *Noma, "unqenqema." #Noma, "unqenqema lwegolide olulizungezayo." **30:4** *Noma, "konqenqema." **30:8** *NgesiHebheru, "phakathi kokuhlwa okubili."

**30:12** *Noma, "somphefumulo." **30:13, 15** *Ishekeli lalilingana no-11,4 g. Bheka iSithasiselo B14. **30:13** #Noma, "ngeshekeli elingcwele." △Igera lalilingana no-0,57 g. Bheka iSithasiselo B14. **30:15, 16** #Noma, "imiphefumulo."

ISAHL. 30
a Eks 26:33; Heb 9:3
b Eks 25:22
c 1Kr 23:13
d Eks 30:34, 35
e Num 16:39, 40; 1Sa 2:27, 28; Luk 1:9
f Eks 27:20
g Lev 10:1; 2Kr 26:18; Hez 8:11, 12
h Lev 23:27; Heb 9:7
i Lev 16:5, 6; Lev 16:18, 19
j Eks 38:25; Num 1:2; 2Sa 24:10, 15

Uhla 2
a Lev 27:25
b 2Kr 24:9; Mat 17:24
c Eks 38:26; Num 1:3; Num 26:1, 2
d Eks 38:8; Lev 8:11; 1Kh 7:38
e Eks 40:7
f Eks 40:30, 31; Heb 10:22

**21** Kumele bageze izandla nezinyawo ukuze bangafi, kube umthetho waphakade kubo, kuye nasenzalweni yakhe nakuzo zonke izizukulwane zabo."[a]

**22** UJehova waqhubeka ekhuluma noMose, ethi: **23** "Ngemva kwalokho, thatha amakha ekhethelo: imure eqinile engamakhilogremu ayisithupha, nesinamoni emnandi engamakhilogremu amathathu nokalamusi omnandi ongamakhilogremu amathathu, **24** nekasiya engamakhilogremu ayisithupha ekalwe ngeshekeli elivamile lendawo engcwele,*[b] kanye nehini# lamafutha omnqumo. **25** Wenze ngakho amafutha angcwele okugcoba; kufanele ahlanganiswe kahle ngobunyoninco.*[c] Kufanele abe amafutha okugcoba angcwele.

**26** "Kufanele ugcobe itende lokuhlangana[d] nomphongolo wobuFakazi ngawo, **27** netafula nazo zonke izinto zalo, uthi lwesibani nezinto zalo, i-altare lempepho, **28** i-altare lomnikelo oshiswayo nazo zonke izinto zalo nendishi nento ezohlala kuyo. **29** Kumele ukungcwelise ukuze kube ngcwelengcwele.[e] Noma ubani okuthintayo kufanele abe ngcwele.[f] **30** Futhi uzogcoba u-Aroni[g] namadodana akhe,[h] ubangcwelisele ukuba babe abapristi kimi.[i]

**31** "Uzokhuluma nama-Israyeli, uthi, 'Lokhu kuzoqhubeka kungamafutha okugcoba angcwele kimi ezizukulwaneni zenu.[j] **32** Akumele agcotshwe enyameni yabantu futhi akumele wenze anjengawo. Ayinto engcwele. Kumele aqhubeke eyinto engcwele kini. **33** Noma ubani owenza amafutha okugcoba anjengawo nogcoba ngawo umuntu ongagunyaziwe* kumele abulawe.'"#[a]

**34** UJehova wabe esethi kuMose: "Thatha izingxenye ezilinganayo zala makha:[b] amaconsi estakite, i-onikha, igalbhanu enamakha nenhlaka yempepho ehlanzekile. **35** Yenza ngawo impepho;[c] ingxube yezithako kufanele ihlanganiswe kahle ngobunyoninco,* ifakwe usawoti,[d] ihlanzeke futhi ibe ngcwele. **36** Kufanele ugaye enye yayo ibe impuphu ecolisekile ubeke enye yayo phambi kobuFakazi etendeni lokuhlangana, lapho ngizozibonakalisa khona kuwe. Kufanele ibe ngcwelengcwele kini. **37** Akumele nenze impepho enizozisebenzisela yona ngalezi zithako.[e] Kufanele niyibheke njengento engcwele kuJehova. **38** Noma ubani owenza enjengayo ukuze ajabulele iphunga layo kumele abulawe."#

**31** UJehova wakhuluma noMose, wathi: **2** "Bheka, ngikhethe* uBhezaleli[f] indodana ka-Uri indodana kaHure wesizwe sakwaJuda.[g] **3** Ngizomgcwalisa ngomoya wami,* ngimnike ukuhlakanipha, ukuqonda nolwazi lwazo zonke izinhlobo zobungcweti, **4** ukuze akwazi ukuklama izinto, asebenze ngegolide, ngesiliva nangethusi, **5** asike futhi asebenze ngamatshe,[h] enze zo-

**ISAHL. 30**
a 2Kr 4:6
b Num 3:47
c Eks 37:29
d Eks 40:9; Num 7:1
e Lev 8:10
f Eks 29:37
g Lev 8:12
h Num 3:2, 3
i Eks 40:15
j Eks 37:29; 1Kh 1:39; Hu 89:20

**Uhla 2**
a Eks 30:37, 38
b Eks 25:3, 6
c Eks 37:29; Hu 141:2; IsA 5:8
d Lev 2:13
e Eks 30:31, 32

**ISAHL. 31**
f Eks 37:1
g Eks 35:30-34; 1Kr 2:20
h Eks 28:9-11

**30:24** *Noma, "ngeshekeli elingcwele." #Ihini lalilingana no-3,67 L. Bheka iSithasiselo B14. **30:25** *Noma, "abe njengomsebenzi womenzi wamafutha okugcoba."

**30:33** *NgesiHebheru, "isihambi," okuwukuthi, umuntu ongeyena owomndeni ka-Aroni. **30:33, 38** #Noma, "anqunywe kubantu bakubo." **30:35** *Noma, "ibe njengomsebenzi womenzi wamafutha okugcoba." **31:2** *NgesiHebheru, "ngibize ngegama." **31:3** *NgesiHebheru, "kaNkulunkulu."

nke izinhlobo zezinto eze-
nziwa ngokhuni.[a] **6** Ngaphe-
zu kwalokho, ukuze ngimsi-
ze, ngibeke u-Oholiyabe[b] indo-
dana ka-Ahisamaki wesizwe sa-
kwaDani, futhi ngifaka ukuhla-
kanipha enhliziyweni yabo bo-
nke abanekhono* ukuze be-
nze konke engikuyale nga-
kho:[c] **7** itende lokuhlangana,[d]
umphongolo wobuFakazi[e] nesi-
valo[f] esikuwo, nazo zonke izi-
nto zetende, **8** itafula[g] nezi-
nto zalo, uthi lwesibani lwego-
lide elihlanzekile nazo zonke
izinto zalo,[h] i-altare lempepho,[i]
**9** i-altare lomnikelo oshiswayo[j]
nazo zonke izinto zalo, indishi
nento ehlala kuyo,[k] **10** izingu-
bo ezilukiwe ezisezingeni eli-
phezulu, izingubo ezingcwele
zika-Aroni umpristi, izingubo
zamadodana akhe azoba aba-
pristi,[l] **11** amafutha okugco-
ba nempepho enamakha ye-
ndlu engcwele.[m] Bazokwenza
konke engikuyale ngakho."

**12** UJehova wathi futhi ku-
Mose: **13** "Khuluma nama-
Israyeli, uthi, 'Kufanele ni-
gcine ikakhulukazi amasabatha
ami,[n] ngoba awuphawu phaka-
thi kwami nani ezizukulwane-
ni zenu ukuze nazi ukuthi
mina Jehova ngiyaningcweli-
sa. **14** Kumele nigcine iSa-
batha ngoba liyinto engcwe-
le kini.[o] Noma ubani olingco-
lisayo kumele abulawe. Uma
kuba khona osebenzayo nga-
lo, lowo muntu* kumele abu-
lawe.#[p] **15** Kungasetshenzwa
izinsuku eziyisithupha, kodwa
ngosuku lwesikhombisa yisa-
batha lokuphumula ngokuphe-
lele.[q] Liyinto engcwele kuJeho-
va. Noma ubani osebenza ngo-
suku lweSabatha kumele abu-
lawe. **16** Ama-Israyeli kumele
agcine iSabatha; kumele agci-
ne iSabatha nazo zonke izizu-
kulwane zawo. Liyisivumelwa-
no saphakade. **17** Liwuphawu
kuze kube phakade phakathi
kwami nabantu bakwa-Israye-
li,[a] ngoba ngezinsuku eziyisi-
thupha uJehova wenza amazu-
lu nomhlaba, kwathi ngosuku
lwesikhombisa wayeka ukuse-
benza waphumula.'"[b]

**18** Kwathi nje lapho eseqe-
dile ukukhuluma naye eNtabe-
ni iSinayi, wanika uMose ama-
tshe amabili ayizicaba obuFa-
kazi,[c] amatshe ayizicaba abha-
lwe ngomunwe kaNkulunkulu.[d]

**32** Phakathi naleso sikha-
thi, abantu babona uku-
thi uMose wayethatha isi-
khathi eside ukwehla entabe-
ni.[e] Ngakho abantu baqoqana
ku-Aroni bathi kuye: "Suku-
ma usenzele unkulunkulu ozo-
hamba phambi kwethu,[f] ngoba
asazi ukuthi kwenzekeni kulo
Mose, umuntu owasihola wa-
sikhipha ezweni laseGibhithe."
**2** U-Aroni wathi kubo: "Khu-
mulani amacici egolide[g] ezi-
ndlebeni zomkenu, zamado-
dana namadodakazi enu ni-
walethe kimi." **3** Ngakho bo-
nke abantu bakhumula amacici
egolide ayesezindlebeni zabo
bawaletha ku-Aroni. **4** Kho-
na-ke walithatha igolide kubo,
walibumba ngethuluzi wenza
isithombe sethole.*[h] Baqala
ukuthi: "Lona uNkulunkulu wa-
kho, Israyeli, owakuhola waku-
khipha ezweni laseGibhithe."[i]

**5** Lapho u-Aroni ebona lo-
khu, wakha i-altare phambi
kwaso. U-Aroni wabe eseme-
meza: "Kukhona umkhosi wo-
kuhlonipha uJehova kusasa."

---

**ISAHL. 31**
a 2Kr 2:13, 14
b Eks 38:23
c Eks 36:1
d Eks 36:8
e Eks 37:1
f Eks 37:6
g Eks 37:10
h Eks 37:17, 24
i Eks 37:25
j Eks 38:1; Eks 40:6
k Eks 30:18; Eks 38:8
l Eks 28:2, 15; Eks 39:1, 27; Lev 8:7
m Eks 30:25, 35; Eks 37:29
n Eks 20:8; Lev 19:30; Kol 2:16, 17
o Dut 5:12
p Eks 35:2; Num 15:32, 35
q Eks 16:23; Eks 20:10

**Uhla 2**
a Eks 31:13
b Gen 2:2
c Eks 24:12; Eks 32:15; Dut 4:13; Dut 9:15
d Mat 12:28; Luk 11:20; 2Ko 3:3

**ISAHL. 32**
e Eks 24:18; Dut 9:9
f IzE 7:40
g Eks 12:35, 36
h Dut 9:16; Isay 46:6; IzE 7:41
i Eks 20:4; Neh 9:18; Hu 106:19, 20

---

**31:6** *NgesiHebheru, "abahlakaniphile enhliziyweni." **31:14** *Noma, "mphefumulo." #Noma, "anqunywe phakathi kwabantu bakubo."

**32:4** *Noma, "sethole esenziwe ngokuncibilikisiwe."

**6** Ngakho ngakusasa bavuka
kusesekuseni kakhulu, baqala
ukunikela iminikelo eshiswayo,
baletha nemihlatshelo ehlanga-
nyelwayo. Ngemva kwalokho
abantu bahlala phansi badla
baphuza. Base besukuma bazi-
jabulisa.[a]
**7** UJehova manje wathi ku-
Mose: "Hamba, yehla ngoba
abantu bakho owabahola wa-
bakhipha ezweni laseGibhi-
the benze ngokukhohlakala.[b]
**8** Baphambuke ngokushesha
endleleni engabayala ukuba ba-
hambe ngayo.[c] Bazenzele isi-
thombe sethole,* balokhu besi-
khothamela, benza umhlatshe-
lo kuso bethi, 'Lona uNkulu-
nkulu wakho, Israyeli, owaku-
hola wakukhipha ezweni lase-
Gibhithe.'" **9** UJehova waqhu-
beka wathi kuMose: "Ngibonile
ukuthi laba abantu abanenka-
ni.*[d] **10** Ngithukuthele kakhu-
lu. Ngakho ngiyeke ukuze ngi-
baqothule, ngenze wena ube
isizwe esikhulu."[e]
**11** UMose wamncenga uJe-
hova* uNkulunkulu wakhe[f] wa-
thi: "Kungani Jehova uvu-
mela intukuthelo yakho uku-
ba ikwenze ufune ukwenza
lokhu kubantu bakho, nge-
mva kokubakhipha ezweni la-
seGibhithe ngamandla ama-
khulu nangesandla esinama-
ndla?[g] **12** Kungani kufanele
abaseGibhithe bathi, 'Wayene-
zinhloso ezimbi lapho ebakhi-
pha. Wayefuna ukubabulale-
la ezintabeni futhi abaqothule
emhlabeni'?[h] Ngicela ushintshe
isinqumo* sakho sokuqothula
abantu bakho. **13** Khumbula
izinceku zakho u-Abrahama, u-
Isaka no-Israyeli, owafunga
kuzo ngokwakho wathi, 'Ngiyo-
kwandisa inzalo* yenu ibe nga-
ngezinkanyezi zamazulu[a] futhi
ngiyonika inzalo* yenu lonke
leli zwe engilikhethile, ukuze
libe elayo unomphela.'"[b]
**14** Ngakho uJehova waqala
ukucabanga kabusha* ngenhle-
kelele ayethe uzoyilethela aba-
ntu bakhe.[c]
**15** Ngemva kwalokho uMo-
se waphenduka wehla entabeni
ephethe[d] amatshe amabili obu-
Fakazi ayizicaba.[e] La matshe
ayebhalwe nhlangothi zombili;
ayebhalwe ngaphambili nange-
muva. **16** La matshe ayizica-
ba ayewumsebenzi kaNkulu-
nkulu, nombhalo kwakuwum-
bhalo kaNkulunkulu uqoshwe
ematsheni ayizicaba.[f] **17** La-
pho uJoshuwa ezwa umsindo
wabantu ngenxa yokumeme-
za kwabo, wathi kuMose: "Ku-
khona umsindo wempi ekamu."
**18** Kodwa uMose wathi:

"Akuwona umsindo woku-
cula ngenxa yokunqoba,*
Futhi akuwona umsindo
wesililo ngenxa yokwe-
hlulwa;
Ngizwa umsindo wolunye
uhlobo lokucula."

**19** Kwathi ngokushesha nje
lapho uMose esondela eka-
mu futhi ebona ithole[g] na-
bantu bedansa, wathukuthe-
la kakhulu, wawalahla pha-
nsi amatshe ayizicaba aye-
waphethe wawaphihliza phansi
kwentaba.[h] **20** Wathatha itho-
le ababelenzile walishisa ngo-
mlilo waligaya laze laba yimpu-
phu;[i] ngemva kwalokho wali-
sakaza phezu kwamanzi wa-
yala ama-Israyeli ukuba awa-

---

**32:8** *Noma, "sethole esenziwe ngo-kuncibilikisiwe." **32:9** *NgesiHebheru, "abantamo-lukhuni." **32:11** *Noma, "wathambisa ubuso bukaJehova." **32:12** *Noma, "uzisole ngesinqumo."

**32:13** *NgesiHebheru, "imbewu." **32:14** *Noma, "ukuzisola." **32:18** *Noma, "yesenzo samandla."

---

**ISAHL. 32**
a 1Ko 10:7
b Dut 4:15-18
c Eks 18:20; Eks 20:3
d Eks 34:9; Dut 9:6; IzE 7:51
e Num 14:12; Dut 9:14
f Hu 106:23
g Dut 9:18, 19
h Dut 9:28

**Uhla 2**
a Gen 22:15-17; Gen 35:10, 11; Heb 6:13, 14
b Gen 13:14, 15; Gen 26:3, 4
c Hu 106:45
d Dut 9:15
e Eks 40:20; Dut 5:22
f Eks 31:18; Dut 9:10
g Neh 9:18; Hu 106:19, 20; IzE 7:41
h Dut 9:16, 17
i Dut 7:25

phuze.[a] **21** Ngemva kwalokho
uMose wathi ku-Aroni: "Ba-
kwenzeni laba bantu uze ule-
the lesi sono esikhulu kanga-
ka phezu kwabo?" **22** U-Aro-
ni waphendula: "Ungathuku-
theli nkosi yami. Wazi kahle
ukuthi laba bantu bathambeke-
le ekwenzeni okubi.[b] **23** Ba-
the kimi, 'Senzele unkulunku-
lu ozohamba phambi kwethu
ngoba asazi ukuthi kwenzekeni
kulo Mose, umuntu owasihola
wasikhipha ezweni laseGibhi-
the.'[c] **24** Ngakho ngithe kubo,
'Noma ubani onegolide kume-
le alikhumule anginike lona.'
Ngibe sengiliphonsa emlilweni
kwaphuma leli thole."

**25** UMose wabona ukuthi
abantu babedlubulundile ngo-
ba u-Aroni wayebayekile badlu-
bulunda kangangokuba baba
ihlazo kwabamelene nabo.
**26** UMose wabe esema esa-
ngweni lekamu wathi: "Ubani
ongakuJehova? Makeze kimi!"[d]
Wonke amaLevi aqoqanela
kuye. **27** Wathi kuwo: "Yilo-
khu uJehova uNkulunkulu ka-
Israyeli akushilo, 'Yilowo nalo-
wo makagaxe inkemba yakhe
anqamule lonke ikamu kusu-
kela esangweni kuya kwelinye,
abulale umfowabo, umakhe-
lwane wakhe nomngani wakhe
omkhulu.'"[e] **28** AmaLevi enza
lokho uMose ayekushilo. Nga-
kho kwabulawa abantu aba-
ngaba ngu-3 000 ngalolo suku.
**29** UMose wathi: "Zihlukanise-
leni uJehova* namuhla, ngo-
ba ngamunye wenu umelane
nendodana yakhe nomfowabo;[f]
namuhla uzoninika isibusiso."[g]

**30** Ngalo kanye usuku olu-
landelayo, uMose wathi kuba-
ntu: "Nenze isono esikhulu ka-
khulu, manje ngizokhuphuke-
la entabeni ngincenge uJeho-
va mhlawumbe uzosithethelela
isono senu."[a] **31** Ngakho uMo-
se wabuyela kuJehova wathi:
"Laba bantu benze isono esi-
khulu! Bazenzele unkulunku-
lu wegolide![b] **32** Kodwa ma-
nje uma uzimisele, thethelela
isono sabo;[c] uma ungazimise-
le, ngicela ungesule encwadini
yakho oyibhalile."[d] **33** Nokho,
uJehova wathi kuMose: "Noma
ubani owonile kimi, nguye
engizomesula encwadini yami.
**34** Manje hamba, uhole aba-
ntu ubayise endaweni engi-
khulume ngayo kuwe. Bheka!
Ingelosi yami izohamba pha-
mbi kwakho,[e] futhi ngosuku
engiyobenza balandise nga-
lo, ngiyobajezisa ngenxa ye-
sono sabo." **35** UJehova waje-
zisa abantu ngenhlupho ngo-
ba babenze ithole, lelo u-Aroni
ayelenzile.

**33** UJehova wabuye wathi
kuMose: "Hamba lapha,
wena nabantu owabahola wa-
bakhipha ezweni laseGibhithe.
Yanini ezweni engafunga ku-
Abrahama, u-Isaka noJakobe,
ngithi, 'Ngiyolinika inzalo* ya-
kho.'[f] **2** Ngizothumela ingelo-
si ngaphambi kwakho[g] ngixo-
she amaKhanani, ama-Amori,
amaHeti, amaPherizi, amaHivi
namaJebusi.[h] **3** Yanini ezwe-
ni eligeleza ubisi noju.[i] Ko-
dwa ngeke ngihambe phakathi
kwenu ngoba ningabantu aba-
nenkani,*[j] ngingase nginiqo-
thule endleleni."[k]

**4** Lapho abantu bezwa la ma-
zwi abuhlungu baqala ukulila,
akekho noyedwa kubo owafa-
ka imihlobiso yakhe. **5** UJeho-
va wathi kuMose: "Yithi

ISAHL. 32
a Dut 9:21
b Eks 15:24; Eks 16:2; Eks 17:2; Dut 9:7; Dut 31:27
c Eks 32:1; IzE 7:40
d Jos 24:15; 2Kh 10:15
e Num 25:5
f Num 25:11; Dut 13:6-9
g Dut 33:8, 9

Uhla 2
a Num 16:47; Num 21:7; Dut 9:18
b Eks 20:23
c Num 14:19
d Flp 4:3; IsA 3:5
e Eks 23:20; Eks 33:2

ISAHL. 33
f Gen 12:7; Gen 26:3
g Eks 23:20; Eks 32:34
h Dut 7:1, 22; Jos 24:11
i Eks 3:8; Dut 8:7-9
j Eks 32:9; Dut 9:6; IzE 7:51
k Eks 32:10; Num 16:21

**32:29** *NgesiHebheru, "Gcwalisani iza-ndla zenu ngenxa kaJehova."

**33:1** *NgesiHebheru, "imbewu." **33:3** *NgesiHebheru, "abantamo-lukhuni."

kuma-Israyeli, ‘Ningabantu aba-
nenkani* nina.[a] Ngomzuzwana
nje nginganqamula phakathi
kwenu nginiqothule.[b] Ngakho
ningayigqoki imihlobiso yenu
ngesikhathi ngisacabanga uku-
thi ngizokwenzani kini.’”
**6** Ngakho kusukela eNtabeni
iHorebe kuqhubeke, ama-Israye-
li awabange esayigqoka* imihlo-
biso yawo.

**7** UMose wathatha itende la-
khe walimisa ngaphandle kwe-
kamu, buqamama nekamu, wa-
libiza ngokuthi itende lokuhla-
ngana. Wonke umuntu owa-
yebuza kuJehova[c] wayephu-
ma aye etendeni lokuhlanga-
na, elalingaphandle kwekamu.
**8** Kwakuthi nje lapho uMose
ephuma eya etendeni, bonke
abantu basukume, bame em-
nyango wamatende abo, babu-
ke uMose aze angene ete-
ndeni. **9** Kwakuthi nje lapho
uMose engena etendeni, insika
yefu[d] yehle ime emnyango we-
tende ngesikhathi uNkulunku-
lu ekhuluma noMose.[e] **10** La-
pho bonke abantu bebona insi-
ka yefu imi emnyango wetende,
ngamunye wabo wayesukuma
akhothame emnyango wetende
lakhe. **11** UJehova wakhulu-
ma noMose ubuso nobuso,[f] nje-
ngoba nje umuntu ekhuluma
nomunye umuntu. Lapho ebu-
yela ekamu, uJoshuwa,[g] indo-
dana kaNuni, umsizi wakhe,[h]
wayengaphumi etendeni.

**12** UMose wathi kuJehova:
“Bheka, wena uthi kimi, ‘Hola
laba bantu ubakhuphule,’ ko-
dwa awungazisanga lowo ozom-
thuma kanye nami. Ngaphezu
kwalokho, wena uthe, ‘Ngikwa-
zi ngegama* futhi uthole umusa
kimi.’ **13** Ngiyacela, uma ngi-
thole umusa kuwe, ngenze nga-
zi izindlela zakho,[a] ukuze ngi-
kwazi futhi ngiqhubeke ngitho-
la umusa kuwe. Khumbula no-
kuthi lesi sizwe singabantu ba-
kho.”[b] **14** Ngakho uNkulunku-
lu wathi: “Mina ngokwami ngi-
zohamba nani[c] futhi ngizoni-
nika ukuphumula.”[d] **15** UMo-
se wayesethi: “Uma wena uqo-
bo ungahambi nathi, ungasiholi
usikhuphule lapha. **16** Kuzo-
kwaziwa kanjani ukuthi ngitho-
le umusa kuwe, mina nabantu
bakho? Akukhona yini ngokuba
uhambe nathi,[e] ukuze mina na-
bantu bakho sihlukaniswe kubo
bonke abanye abantu emhlabe-
ni?”[f]

**17** UJehova waqhubeka wa-
thi kuMose: “Ngizoyenza nale
nto oyicelayo ngoba uthole
umusa kimi futhi ngikwazi nge-
gama.” **18** UMose wathi: “Ngi-
cela ungibonise inkazimulo ya-
kho.” **19** Kodwa uNkulunku-
lu wathi: “Ngizokwenza ubone
bonke ubuhle bami, ngimeme-
zele igama likaJehova phambi
kwakho;[g] ngibe nomusa kulo-
wo engiba nomusa kuye, ngi-
bonise isihe kulowo engiboni-
sa isihe kuye.”[h] **20** Kodwa wa-
nezela: “Ngeke ububone ubu-
so bami ngoba akukho muntu
ongangibona kodwa aphile.”

**21** UJehova wathi futhi:
“Nansi indawo eduze kwami.
Yima kuleli dwala. **22** Lapho
kudlula inkazimulo yami, ngi-
zokufaka emhumeni osedwa-
leni, ngikuvikele ngesandla
sami ngize ngidlule. **23** Nge-
mva kwalokho ngizosusa isa-
ndla sami, uzobona umhlane
wami. Kodwa ubuso bami abu-
nakubonwa.”[i]

**34** Khona-ke uJehova wathi
kuMose: “Zenzele ama-
tshe amabili ayizicaba anje-
ngawokuqala,[j] mina ngizobha-

---

**33:5** * NgesiHebheru, “abantamo-lukhu-
ni.” **33:6** * NgesiHebheru, “ayikhumu-
la.” **33:12** * Noma, “Ngikukhethile.”

ISAHL. 33
a Eks 34:9; Dut 9:6; IzE 7:51
b Num 16:45
c Eks 18:25, 26; Num 27:1-5
d Eks 13:21; Hu 99:7
e Num 11:16, 17; Num 12:5
f Eks 33:22, 23; Num 12:8; Dut 34:10; Joh 1:18; Joh 6:46; IzE 7:38
g Num 11:28; Dut 1:38; Jos 1:1
h Eks 17:9; Eks 24:13

Uhla 2
a Hu 25:4; Hu 27:11; Hu 86:11; Hu 119:33; Isay 30:21
b Dut 9:26
c Eks 13:21; Eks 40:34; Jos 1:5, 17; Isay 63:9
d Jos 21:44; Jos 23:1
e Num 14:13, 14
f Dut 4:34; 2Sa 7:23; Hu 147:20
g Eks 3:13; Eks 6:3; Eks 34:6
h Rom 9:15
i Joh 1:18

ISAHL. 34
j Dut 10:1

la kuwo amazwi abesema-
tsheni okuqala,[a] owaphihlizi-
le.[b] **2** Ulungele isikhathi sa-
sekuseni, njengoba ekuseni
uzokhuphukela eNtabeni iSina-
yi ume lapho phambi kwami
esiqongweni sentaba.[c] **3** Ko-
dwa akukho muntu ongakhu-
phuka kanye nawe futhi aku-
kho muntu okufanele abonaka-
le kunoma iyiphi indawo enta-
beni. Akufanele kube khona
ngisho nemihlambi edla pha-
mbi kwaleyo ntaba."[d]

**4** Ngakho uMose wenza a-
matshe amabili ayizicaba anje-
ngawokuqala wavuka ekuse-
ni kakhulu wenyukela eNtabe-
ni iSinayi, njengoba nje uJe-
hova ayemyalile, ephethe ama-
tshe amabili ayizicaba. **5** UJe-
hova wabe esehla[e] esefwini
wama kanye naye lapho, wame-
mezela igama likaJehova.*[f]
**6** UJehova wayedlula phambi
kwakhe ememeza ethi: "NguJe-
hova, nguJehova, uNkulunku-
lu onesihe[g] nozwela,*[h] owe-
phuza ukuthukuthela[i] nochichi-
ma uthando oluqotho#[j] neqini-
so,△[k] **7** obonisa abayizinkulu-
ngwane uthando oluqotho,[l] oxo-
lela isiphambeko nesono,[m] ko-
dwa ongeke alinge angabajezisi
abanecala,[n] oletha isijeziso nge-
nxa yesiphambeko soyise phe-
zu kwamadodana naphezu kwa-
bazukulu, phezu kwesizukulwa-
ne sesithathu naphezu kwesizu-
kulwane sesine."[o]

**8** UMose washesha wagu-
qa phansi wayesekhothama.
**9** Wabe esethi: "Manje uma
ngithole umusa kuwe, Jehova,
ngicela uhambe nathi phakathi
kwethu[p] Jehova, yize singaba-
ntu abanenkani,*[a] uthethelele
isiphambeko sethu nesono se-
thu,[b] usithathe sibe abantu
bakho." **10** Yena wathi: "Bhe-
ka ngenza isivumelwano: Pha-
mbi kwabo bonke abantu ba-
kho, ngizokwenza izinto ezima-
ngalisayo ezingakaze zenziwe*
kuwo wonke umhlaba noma
kuzo zonke izizwe,[c] nabo bo-
nke abantu enihlala phakathi
kwabo bazowubona umsebenzi
kaJehova, ngoba ngenza into
emangalisayo ngawe.[d]

**11** "Naka lokho engikuyala
ngakho namhlanje.[e] Bheka ngi-
xosha phambi kwakho ama-
Amori, amaKhanani, amaHe-
ti, amaPherizi, amaHivi na-
maJebusi.[f] **12** Qaphela uku-
ba ungenzi isivumelwano naba-
ntu abakhe ezweni oya kulo,[g]
ngoba kungaba ugibe phaka-
thi kwenu.[h] **13** Kodwa kufa-
nele nidilize ama-altare abo,
niphihlize izinsika zabo ezi-
ngcwele, nigawule nezigxobo
zabo ezingcwele.*[i] **14** Aku-
mele nikhothamele omunye
unkulunkulu[j] ngoba uJehova
waziwa ngokufuna* abantu ba-
zinikele kuye kuphela.# Yebo,
unguNkulunkulu ofuna abantu
bazinikele kuye ngokuphele-
le.[k] **15** Qaphela ukuba unge-
nzi isivumelwano nabantu aba-
khe ezweni, ngoba lapho be-
feba nonkulunkulu babo futhi
bebenzela imihlatshelo,[l] othile
uzokumema bese udla em-
hlatshelweni wakhe.[m] **16** Na-
kanjani uyothathela amadoda-
na akho amanye amadodaka-
zi abo,[n] bese amadodakazi abo
efeba nonkulunkulu bawo enze

ISAHL. 34
a Dut 9:10
b Eks 32:19; Dut 9:17
c Eks 19:20; Eks 24:12
d Eks 19:12, 13
e IzE 7:38
f Eks 6:3; Eks 33:19
g Luk 6:36
h Eks 22:27; 2Kr 30:9; Neh 9:17; Hu 86:15; Jow 2:13
i Num 14:18; 2Pe 3:9
j Jer 31:3; IsiL 3:22; Mik 7:18
k Hu 31:5; Rom 2:2
l Dan 9:4
m Hu 103:12; Isay 55:7; Efe 4:32; 1Jo 1:9
n Dut 32:35; Jos 24:19; Rom 2:5; 2Pe 2:4; Jud 14, 15
o Eks 20:5; Dut 30:19; 1Sa 15:2
p Eks 33:14

Uhla 2
a Eks 32:9; Eks 33:3
b Num 14:19
c 2Sa 7:23; Hu 147:19, 20
d Eks 33:16; Dut 10:21
e Eks 19:5, 6; Dut 12:28
f Eks 3:8; Eks 33:2; Dut 7:1
g Dut 7:2
h Eks 23:32, 33
i Eks 23:24; Dut 12:3
j Eks 20:3; 1Ko 10:14; 1Jo 5:21
k Jos 24:19
l 1Ko 10:20
m Num 25:2; 2Ko 6:14
n Ezr 9:2

**34:5** *Okuwukuthi, uJehova wamtshela ukuthi uwuhlobo olunjani lomuntu. **34:6** *Noma, "nomusa." #Noma, "umusa wothando." △Noma, "nokwethembeka."

**34:9** *NgesiHebheru, "abantamo-lukhuni." **34:10** *Noma, "zidalwe." **34:13** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **34:14** *NgesiHebheru, "uJehova, ogama lakhe lifuna." #Noma, "ngokungazibekezeleli izimbangi."

ukuba amadodana akho afebe
nonkulunkulu bawo.[a]
17 "Ungazenzeli onkulunku-
lu bensimbi.[b]
18 "Kufanele ugcine uMkho-
si Wesinkwa Esingenamvube-
lo.[c] Uyodla isinkwa esingena-
mvubelo, njengoba nje ngiku-
yalile; lokhu uyokwenza izinsu-
ku eziyisikhombisa ngesikhathi
esibekiwe ngenyanga ka-Abhi-
bhi,*[d] ngoba naphuma ngenya-
nga ka-Abhibhi eGibhithe.
19 "Wonke amazibulo esili-
sa* angawami,[e] kuhlanganise
nayo yonke imfuyo yakho, ku-
ngakhathaliseki ukuthi izibulo
leduna lenkomo noma lemvu.[f]
20 Izibulo lembongolo kufane-
le ulithenge ngemvu. Kodwa
uma ungalithengi, kumele ule-
phule intamo. Kumele uthenge
wonke amazibulo amadodana
akho.[g] Akekho okufanele avele
phambi kwami engaphethe lu-
tho.
21 "Uyosebenza izinsuku
eziyisithupha, kodwa ngosuku
lwesikhombisa uyophumula.*[h]
Ngisho nangesikhathi sokulima
nesokuvuna, uyophumula.
22 "Uyogubha uMkhosi wa-
kho Wamasonto ngezithelo zo-
kuqala ezivuthiwe zesivuno si-
kakolweni noMkhosi Wokubu-
tha* ekupheleni konyaka.[i]
23 "Kathathu ngonyaka bo-
nke abesilisa bakho kufane-
le bavele phambi kweNkosi ye-
qiniso, uJehova, uNkulunkulu
ka-Israyeli.[j]
24 Ngoba ngiyozi-
xosha izizwe phambi kwakho,[k]
futhi ngiyoyandisa indawo ya-
kho, akekho oyofisa izwe lakho
lapho usakhuphukile uyobona
ubuso bukaJehova uNkulunku-
lu wakho kathathu ngonyaka.
25 "Igazi lomhlatshelo wami
ungalinikeli kanye nanoma yini
efakwe imvubelo.[a] Umhlatshe-
lo womkhosi wePhasika aku-
fanele uhlale ubusuku bonke
kuze kube sekuseni.[b]
26 "Kufanele ulethe endlini
kaJehova uNkulunkulu wakho
okuhle kunakho konke kwezi-
thelo zokuqala ezivuthiwe zom-
hlabathi.[c]
"Ungayibilisi inyama yezi-
nyane obisini lukanina."[d]
27 UJehova waqhubeka wa-
thi kuMose: "Kufanele uwabha-
le phansi la mazwi,[e] ngoba ngo-
kuvumelana nala mazwi, nge-
nza isivumelwano nawe no-
Israyeli."[f]
28 Wahlala lapho
noJehova izinsuku ezingu-40
nobusuku obungu-40. Akadla-
nga sinkwa futhi akaphuzanga
manzi.[g] UNkulunkulu wabha-
la ematsheni ayizicaba ama-
zwi esivumelwano, iMiyalo Eyi-
shumi.*[h]
29 Ngemva kwalokho uMose
wehla eNtabeni iSinayi, ephe-
the amatshe amabili obuFaka-
zi ayizicaba.[i] Lapho ehla enta-
beni, uMose wayengazi ukuthi
ubuso bakhe babukhipha imi-
sebe ngenxa yokuthi wayekhu-
lume noNkulunkulu.
30 La-
pho u-Aroni nawo wonke ama-
Israyeli bebona uMose, bapha-
wula ukuthi ubuso bakhe ba-
bukhipha imisebe futhi besaba
ukusondela kuye.[j]
31 Kodwa uMose wababiza,
u-Aroni nazo zonke izikhulu
zenhlangano baya kuye, uMo-
se wakhuluma nabo.
32 Nge-
mva kwalokho wonke ama-
Israyeli asondela kuye, wawani-
ka yonke imiyalo uJehova aye-

ISAHL. 34
a Dut 7:4; Dut 31:16; Hlu 2:17; Hlu 8:33; 1Kh 11:2; Neh 13:26; Hu 106:28
b Eks 32:8; Lev 19:4
c Lev 23:6
d Eks 23:15
e Eks 13:2; Luk 2:23
f Eks 22:30
g Eks 13:15; Num 18:15, 16
h Dut 5:12
i Eks 23:16; Lev 23:34
j Dut 16:16
k Eks 34:11

Uhla 2
a Eks 23:18
b Eks 12:10; Num 9:12
c Num 18:8, 12; Dut 26:2; IzA 3:9
d Eks 23:19; Dut 14:21
e Eks 24:4; Dut 31:9, 11
f Eks 24:8; Dut 4:13
g Dut 9:18
h Eks 31:18; Dut 10:2
i Eks 32:15
j 2Ko 3:7

34:18 *Bheka iSithasiselo B15. 34:19 *NgesiHebheru, "Yonke into evula isibeletho." 34:21 *Noma, "uyogcina isabatha." 34:22 *Owaziwa nangokuthi uMkhosi Wamadokodo (Amatabernakele).

34:28 *NgesiHebheru, "amaZwi Ayishumi."

mnike yona eNtabeni iSinayi.[a]
**33** Lapho uMose eqeda uku-
khuluma nabo wayezimboza
ubuso.[b] **34** Kodwa lapho uMo-
se engena phambi kukaJehova
ukuba akhulume naye, waye-
kususa lokho azimboze ngakho
aze aphume.[c] Ngemva kwalo-
kho wayephuma ambulele ama-
Israyeli imiyalo ayeyinikiwe.[d]
**35** Ama-Israyeli abona ukuthi
ubuso bukaMose babukhipha
imisebe; uMose wabe esebuyi-
sela ayezimboze ngakho ubuso
kwaze kwaba yilapho engena
eyokhuluma noNkulunkulu.*[e]

**35** Kamuva uMose waqoqe-
la ndawonye yonke inhla-
ngano yama-Israyeli wathi
kuyo: "Yilezi izinto uJehova
ayale ukuba zenziwe:[f] **2** Ku-
ngasetshenzwa izinsuku eziyi-
sithupha, kodwa usuku lwesi-
khombisa luzoba ngcwele kini,
isabatha lokuphumula ngoku-
phelele kuJehova.[g] Noma uba-
ni osebenza ngosuku lwesaba-
tha uzobulawa.[h] **3** Akumele
nibase umlilo noma kuphi ezi-
ndaweni zenu zokuhlala ngosu-
ku lweSabatha."

**4** UMose wabe esethi kuyo
yonke inhlangano yama-Israye-
li: "Yilokhu uJehova akuyali-
le, **5** 'Thathani umnikelo ka-
Jehova phakathi kwenu.[i] Wo-
nke umuntu onenhliziyo epha-
yo[j] makalethe umnikelo kuJe-
hova: igolide, isiliva, ithusi,
**6** intambo eluhlaza okwesi-
bhakabhaka, uboya obuphe-
phuli, indwangu ebomvu, iline-
ni elisezingeni eliphezulu, ubo-
ya bembuzi,[k] **7** izikhumba ze-
zinqama ezidaywe zaba bomvu,
izikhumba zezimvu zamanzi,
ukhuni lomtholo, **8** amafutha
ezibani, amafutha okugcoba
ebhalsamu nempepho enama-
kha,[a] **9** amatshe e-onikisi na-
manye amatshe okufanele afa-
kwe kuyi-efodi[b] nasesiqeshini
sesifuba.[c]

**10** "'Bonke abanekhono*[d]
phakathi kwenu mabeze be-
nze konke lokho uJehova aku-
yalile, **11** okuwukuthi, itaber-
nakele netende lalo nesembozo
salo, amahhuku alo nezinhla-
ka zalo zamapulangwe, izi-
ngodo zalo, izinsika zalo ka-
nye nezisekelo zalo ezinezi-
mbobo; **12** uMphongolo[e] ne-
zinduku zawo,[f] isivalo[g] nekhe-
thini;[h] **13** itafula[i] nezinduku
zalo nazo zonke izinto zalo ne-
sinkwa sokubukwa;[j] **14** uthi
lwesibani[k] sokukhanyisa nezi-
nto zalo nezibani zalo nama-
futha okukhanyisa;[l] **15** i-alta-
re lempepho[m] nezinduku zalo;
amafutha okugcoba nempepho
enamakha;[n] ikhethini* lomnya-
ngo wetabernakele; **16** i-alta-
re lomnikelo oshiswayo[o] nesi-
sefo salo sethusi, izinduku zalo
nazo zonke izinto zalo; indishi
nento ehlala kuyo;[p] **17** ama-
khethini alengayo egceke,[q] izi-
nsika zalo nezisekelo zalo ezi-
nezimbobo; ikhethini* lesango
legceke; **18** izikhonkwane
zetende zetabernakele nezi-
khonkwane zetende zegceke
nezintambo zazo;[r] **19** izingu-
bo ezilukiwe ezisezingeni eli-
phezulu[s] zokukhonza endlini
engcwele, izingubo ezingcwele
zika-Aroni[t] umpristi nezingubo
zamadodana akhe zokuba aba-
pristi.'"

**20** Ngakho yonke inhlanga-
no yama-Israyeli yasuka phambi
kukaMose. **21** Ngemva kwalo-
kho, wonke umuntu owaye-
shukunyiswa inhliziyo[u] nomoya
wakhe, weza waletha umnikelo

**34:35** *NgesiHebheru, "naye."

**35:10** *NgesiHebheru, "abahlakaniphi-le enhliziyweni." **35:15, 17** *Noma, "isihenqo."

ISAHL. 34
- *a* Eks 24:3; Dut 1:3
- *b* 2Ko 3:13
- *c* 2Ko 3:16
- *d* Dut 27:10
- *e* 2Ko 3:7, 13

ISAHL. 35
- *f* Eks 34:32
- *g* Eks 20:9, 10; Lev 23:3
- *h* Eks 31:14, 15; Num 15:32, 35
- *i* Eks 25:2-7; Eks 35:29
- *j* 2Ko 8:12; 2Ko 9:7
- *k* Eks 26:7; Eks 36:8

Uhla 2
- *a* Eks 25:3, 6
- *b* Eks 28:9; Eks 39:14
- *c* Eks 28:15
- *d* Eks 31:6; Eks 36:1
- *e* Eks 25:10
- *f* Eks 25:13
- *g* Eks 25:17
- *h* Eks 26:31
- *i* Eks 25:23
- *j* Eks 25:30; Lev 24:5, 6
- *k* Eks 25:31
- *l* Eks 27:20
- *m* Eks 30:1; Eks 37:25; Eks 40:5
- *n* Eks 30:34, 35
- *o* Eks 27:1
- *p* Eks 30:18; Eks 38:8
- *q* Eks 27:9
- *r* Eks 27:19
- *s* Eks 31:6, 10; Eks 39:33, 41
- *t* Eks 39:1
- *u* Eks 25:2; Eks 36:2; 2Ko 8:12; 2Ko 9:7

kuJehova ukuze usetshenziswe
etendeni lokuhlangana, kuzo
zonke izinkonzo zalo nasezi-
ngutsheni ezingcwele. **22** Ba-
belokhu beza, abesilisa kanye
nabesifazane, ngamunye one-
nhliziyo ephayo, beletha izi-
qhano zokuhloba, amacici, izi-
ndandatho, nobunye ubucwe-
be kanye nazo zonke izinhlo-
bo zezinto zegolide. Bonke ba-
letha iminikelo* yabo yegolide
kuJehova.[a] **23** Wonke umuntu
owayenentambo eluhlaza okwe-
sibhakabhaka, uboya obuphe-
phuli, indwangu ebomvu, iline-
ni elisezingeni eliphezulu, ubo-
ya bembuzi, izikhumba zezinqa-
ma ezidaywe zaba bomvu nezi-
khumba zezimvu zamanzi, wa-
kuletha. **24** Bonke ababenike-
la ngesiliva nethusi baletha
umnikelo kaJehova, nabo bo-
nke ababenokhuni lomtholo lo-
kwenza noma imuphi umsebe-
nzi baluletha.

**25** Bonke abesifazane aba-
nekhono[b] baphotha ngeza-
ndla zabo, baletha ababekupho-
thile: intambo eluhlaza okwesi-
bhakabhaka, uboya obuphe-
phuli, indwangu ebomvu ne-
lineni elisezingeni eliphezu-
lu. **26** Bonke abesifazane aba-
nekhono ababeshukunyiswa izi-
nhliziyo zabo baphotha uboya
bembuzi.

**27** Izikhulu zaletha itshe le-
onikisi namanye amatshe oku-
fanele afakwe kuyi-efodi na-
sesiqeshini sesifuba,[c] **28** ne-
bhalsamu namafutha okukha-
nyisa namafutha okugcoba[d] ne-
mpepho enamakha.[e] **29** Bo-
nke abesilisa nabesifazane
ababeshukunyiswa izinhliziyo
zabo baletha okuthile komse-
benzi uJehova ayeyale ngoMo-
se ukuba wenziwe; ama-Israye-
li akuletha njengomnikelo wo-
kuzithandela kuJehova.[a]

**30** UMose wathi kuma-Isra-
yeli: "Bhekani, uJehova ukhe-
the uBhezaleli indodana ka-
Uri indodana kaHure wesi-
zwe sakwaJuda.[b] **31** UNkulu-
nkulu umgcwalise ngomoya
wakhe, wamnika ukuhlakani-
pha, ukuqonda nolwazi lwazo
zonke izinhlobo zobungcweti
**32** ukuze akwazi ukuklama izi-
nto, asebenze ngegolide, nge-
siliva nangethusi, **33** asike fu-
thi asebenze ngamatshe, enze
zonke izinhlobo zezinto ezenzi-
wa ngokhuni. **34** Futhi ukufa-
ke enhliziyweni yakhe ukuba
afundise, yena no-Oholiyabe[c]
indodana ka-Ahisamaki wesi-
zwe sakwaDani. **35** Ugcwali-
se izinhliziyo zabo ngekhono*[d]
lokwenza wonke umsebenzi
wengcweti, womuntu owenza
imihlobiso, nowomuntu owelu-
ka ngentambo eluhlaza okwe-
sibhakabhaka, uboya obuphe-
phuli, indwangu ebomvu neli-
neni elisezingeni eliphezulu,
nowesisebenzi esilukayo. Laba
bantu bazokwenza zonke izi-
nhlobo zomsebenzi nazo zonke
izinhlobo zemiklamo.

# 36
"UBhezaleli uzosebenza
no-Oholiyabe kanye na-
wo wonke amadoda anekhono*
uJehova awaphe ukuhlakani-
pha nokuqonda, ukuze akwazi
ukwenza wonke umsebenzi we-
nkonzo engcwele njengoba nje
uJehova eyalile."[e]

**2** UMose wabe esebiza
uBhezaleli no-Oholiyabe nawo
wonke amadoda anekhono
uJehova ayefake enhliziywe-
ni yawo ukuhlakanipha,[f] wo-
nke umuntu owayeshukunyi-

ISAHL. 35
*a* Eks 38:24
*b* Eks 28:3; Eks 31:6; Eks 36:8
*c* Eks 28:15, 28; Eks 39:15, 21
*d* Eks 30:23-25
*e* Eks 30:34, 35

Uhla 2
*a* Eks 36:5; 2Ko 9:7
*b* Eks 31:2-6
*c* Eks 36:1
*d* Eks 31:3

ISAHL. 36
*e* Eks 25:9; Eks 31:6
*f* Eks 28:3; Eks 35:10

**35:22** *Noma, "iminikelo ezuliswayo."

**35:35** *NgesiHebheru, "ngokuhlakanipha kwenhliziyo." **36:1** *NgesiHebheru, "ahlakaniphile enhliziyweni."

swa inhliziyo yakhe ukuba
avolontiyele ukwenza umsebe-
nzi.[a] 3 Base bethatha kuMose
wonke umnikelo[b] ama-Israye-
li ayewulethele ukwenza umse-
benzi wenkonzo engcwele. No-
kho, baqhubeka bemlethela
iminikelo yokuzithandela njalo
ekuseni.

4 Ngemva kokuqala umse-
benzi ongcwele, zonke izisebe-
nzi ezinekhono zazifika, esinye
ngemva kwesinye, 5 zithi ku-
Mose: "Abantu baletha okuni-
ngi kakhulu kunalokho okudi-
ngekayo emsebenzini uJehova
ayale ukuba wenziwe." 6 Nga-
kho uMose wayala ukuba kwe-
nziwe isaziso kulo lonke ika-
mu, esithi: "Madoda nabesifa-
zane, ningabe nisaletha ezinye
izinto zomnikelo ongcwele."
Ngenxa yalokho abantu bavi-
njwa ukuba balethe noma yini.
7 Izinto zazanele ukuba kwe-
nziwe wonke umsebenzi, zinga-
phezu kokwakudingeka.

8 Zonke izisebenzi ezine-
khono[c] zakha itabernakele[d]
ngezindwangu eziyishumi zete-
nde zelineni elisezingeni eli-
phezulu elisontiwe, intambo
eluhlaza okwesibhakabhaka,
uboya obuphephuli nendwangu
ebomvu; wazenza* zaba nom-
hlobiso wamakherubi othu-
ngelwe kuzo.[e] 9 Indwangu ye-
tende ngayinye yayiyizinga-
lo* ezingu-28 ubude nezinga-
lo ezine ububanzi. Zonke izi-
ndwangu zetende zazilingana.
10 Wabe esexhuma izindwa-
ngu zetende ezinhlanu, nezi-
nye izindwangu zetende ezi-
nhlanu wazixhuma. 11 Nge-
mva kwalokho wenza izihi-
be ngentambo eluhlaza okwe-
sibhakabhaka ekupheleni kwe-
ndwangu eyodwa yetende ema-
phethelweni lapho zihlangana
khona. Wenza okufanayo eku-
pheleni kwenye indwangu ye-
tende lapho zihlangana khona.
12 Wenza izihibe ezingu-50
endwangwini eyodwa yetende,
nezihibe ezingu-50 ekupheleni
kwendwangu yetende lapho zi-
hlangana khona ukuze izihibe
zibhekane. 13 Ekugcineni we-
nza amahhuku egolide angu-
50 wahlanganisa lezi zindwa-
ngu zetende ngawo, itaberna-
kele laba yinto eyodwa.

14 Wabe esenza izindwa-
ngu zoboya bembuzi zete-
nde elingaphezu kwetaberna-
kele. Wenza izindwangu zete-
nde ezingu-11.[a] 15 Indwangu
yetende ngayinye yayiyizingalo
ezingu-30 ubude nezingalo ezi-
ne ububanzi. Lezi zindwangu
zetende ezingu-11 zazilingana.
16 Wazihlanganisa ndawonye
izindwangu zetende ezinhlanu,
wabe esehlanganisa nezinye
izindwangu zetende eziyisithu-
pha ndawonye. 17 Wabe ese-
nza izihibe ezingu-50 ekuphe-
leni kwendwangu yetende ese-
kugcineni lapho zihlangana
khona, wenza nezihibe ezingu-
50 ekupheleni kwenye indwa-
ngu yetende lapho zihlanga-
na khona. 18 Wenza amahhu-
ku ethusi angu-50 okuhlangani-
sa itende libe yinto eyodwa.

19 Wenza isembozo setende
ngezikhumba zezinqama ezida-
ywe zaba bomvu nesembo-
zo esasizoba ngaphezulu ngezi-
khumba zezimvu zamanzi.[b]

20 Wenza izinhlaka zamapu-
langwe zetabernakele ngokhu-
ni lomtholo,[c] zama.[d] 21 Uhlaka
ngalunye lwepulangwe lwaluyi-
zingalo eziyishumi ukuphaka-
ma nengalo nohhafu ububanzi.

---

36:8 *Ngokusobala kubhekiselwa ku-Bhezaleli. 36:9 *Ingalo elingana no-44,5 cm. Bheka iSithasiselo B14.

ISAHL. 36
a Eks 35:21, 26
b Eks 35:5-9; IzA 3:9; 2Ko 9:7
c Eks 31:6
d Eks 25:9; Eks 39:32; Heb 9:9
e Eks 26:1-6

Uhla 2
a Eks 26:7-11
b Eks 26:14
c Eks 25:10, 23; Eks 27:1; Eks 30:5; Eks 36:36
d Eks 26:15-18

**22** Uhlaka ngalunye lwepula-
ngwe lwalunamaqhuzu amabili.*
Yileyo ndlela enza ngayo zonke
izinhlaka zamapulangwe zetabe-
rnakele. **23** Ngakho wenza izi-
nhlaka zamapulangwe ezingu-20
zohlangothi oluseningizimu lwe-
tabernakele. **24** Wenza iziseke-
lo zesiliva ezingu-40 ezinezimbo-
bo ngaphansi kwezinhlaka za-
mapulangwe ezingu-20, izisekelo
ezimbili ezinezimbobo ngapha-
nsi kohlaka olulodwa lwepula-
ngwe okuzongena kuzo amaqhu-
zwana alo amabili nezisekelo
ezimbili ezinezimbobo ngapha-
nsi kohlaka lwepulangwe ngalu-
nye olulandelayo okuzongena
kuzo amaqhuzwana alo amabili.[a]
**25** Olunye uhlangothi lwetabe-
rnakele, uhlangothi olusenyaka-
tho, walwenzela izinhlaka zama-
pulangwe ezingu-20 **26** nezise-
kelo zazo zesiliva ezingu-40
ezinezimbobo, izisekelo ezimbi-
li ezinezimbobo ngaphansi ko-
hlaka olulodwa lwepulangwe
nezisekelo ezimbili ezinezimbo-
bo ngaphansi kohlaka ngalunye
lwepulangwe.

**27** Ingxenye engemuva ye-
tabernakele entshonalanga wa-
yenzela izinhlaka zamapula-
ngwe eziyisithupha.[b] **28** We-
nza izinhlaka zamapulangwe
ezimbili ezazizoba izigxobo za-
semakhoneni angemuva etabe-
rnakele. **29** Lezi zigxobo zazi-
phindeke kabili kusukela pha-
nsi kuya phezulu kuze kufi-
ke esongweni lokuqala eliphe-
zulu. Yilokho akwenza ngezi-
gxobo ezimbili zasemakhoneni.
**30** Ngakho kwaba izinhlaka za-
mapulangwe ezingu-8 kanye
nezisekelo zazo zesiliva ezi-
ngu-16 ezinezimbobo, izisekelo
ezimbili ezinezimbobo ngapha-
nsi kohlaka ngalunye lwepula-
ngwe.

**31** Wabe esenza izingodo
zokhuni lomtholo, ezinhlanu
zezinhlaka zamapulangwe zo-
hlangothi olulodwa lweta-
bernakele[a] **32** nezingodo ezi-
nhlanu zezinhlaka zamapula-
ngwe zolunye uhlangothi lwe-
tabernakele, nezinhlanu ze-
zinhlaka zamapulangwe ze-
tabernakele zengxenye enge-
muva entshonalanga. **33** We-
nza ugodo oluphakathi nenda-
wo olunqamula maphakathi ne-
zinhlaka zamapulangwe lusuka
kolunye uhlangothi luye kolu-
nye. **34** Wanameka izinhlaka
zamapulangwe ngegolide, we-
nza amasongo azo egolide aba
yizinto zokufaka izingodo, wa-
nameka izingodo ngegolide.[b]

**35** Wabe esenza ikhethini[c]
lentambo eluhlaza okwesibha-
kabhaka, uboya obuphephuli,
indwangu ebomvu nelineni eli-
sezingeni eliphezulu elisonti-
we. Walenza laba nomfaneki-
so wamakherubi[d] othungelwe
kulo.[e] **36** Wabe eselenzela izi-
nsika ezine zomtholo wazina-
meka ngegolide, kanye nama-
hhuku egolide, wazibumbela
izisekelo zesiliva ezine ezinezi-
mbobo. **37** Ngemva kwalokho
wenza ikhethini* lomnyango
wetende ngentambo eluhlaza
okwesibhakabhaka, uboya obu-
phephuli, indwangu ebomvu
nelineni elisezingeni eliphezulu
elisontiwe kwelukwe kwahla-
nganiswa ndawonye,[f] **38** nezi-
nsika zalo ezinhlanu namahhu-
ku azo. Wanameka ngegolide
ingaphezulu lazo nezinto zazo
zokubopha,* kodwa izisekelo
zazo ezinhlanu ezinezimbobo
zazingezethusi.

ISAHL. 36
a Eks 26:19-21
b Eks 26:22-25

Uhla 2
a Eks 26:26-28
b Eks 26:29
c Eks 40:21 Heb 10:19, 20
d Gen 3:24
e Eks 26:31, 32
f Eks 26:36, 37

**36:22** *Noma, “lwalunezindukwana ezimbili ezimile.”

**36:37** *Noma, “isihenqo.” **36:38** *Noma, “namasongo azo okubopha.”

37 UBhezaleli[a] wabe ese-
nza uMphongolo[b] wokhu-
ni lomtholo. Wawuyizingalo*
ezimbili nohhafu ubude, uyi-
ngalo nohhafu ububanzi ne-
ngalo nohhafu ukuphakama.[c]
2 Wawunameka ngegolide eli-
hlanzekile ngaphandle nanga-
phakathi, wawenzela iphethe-
lo* legolide eliwuzungezayo.[d]
3 Ngemva kwalokho wawe-
nzela amasongo amane ego-
lide, ngaphezu kwezinyawo
zawo ezine, amasongo amabi-
li kolunye uhlangothi namaso-
ngo amabili kolunye uhlango-
thi. 4 Wabe esenza izinduku
zokhuni lomtholo wazinameka
ngegolide.[e] 5 Wafaka izindu-
ku zokuthwala uMphongolo
emasongweni asezinhlangothi-
ni zoMphongolo.[f]

6 Wenza isivalo segolide eli-
hlanzekile.[g] Sasiyizingalo ezi-
mbili nohhafu ubude nengalo
nohhafu ububanzi.[h] 7 Wabe
esenza amakherubi amabi-
li[i] egolide esebenzisa isando
kuwo womabili amaphethelo
esivalo.[j] 8 Elinye ikherubi la-
likwelinye iphethelo, nelinye
ikherubi likwelinye iphethelo.
Wenza amakherubi aba kuwo
womabili amaphethelo esivalo.
9 La makherubi amabili elulela
amaphiko awo phezulu, ambo-
za isivalo ngamaphiko awo.[k]
Ayebhekene futhi ubuso bawo
bubheke isivalo.[l]

10 Ngemva kwalokho wenza
itafula lokhuni lomtholo.[m] La-
liyizingalo ezimbili ubude, li-
yingalo ububanzi nengalo no-
hhafu ukuphakama.[n] 11 Wali-
nameka ngegolide elihlanzeki-
le walenzela iphethelo* legoli-
de elilizungezayo. 12 Wabe
esenza unqenqema olulinga-
na nobubanzi besandla* olu-
zozungeza itafula nephethe-
lo# legolide elizozungeza unqe-
nqema. 13 Ngaphezu kwalo-
kho, walenzela amasongo ama-
ne egolide wabeka lawo ma-
songo emakhoneni amane
okufakwe kuwo imilenze
emine. 14 Amasongo ayeso-
ndele onqenqemeni, aba izi-
nto okuzongena kuzo izinduku
zokuthwala itafula. 15 We-
nza izinduku zokhuni lomtho-
lo wazinameka ngegolide uku-
ze kuthwalwe ngazo itafu-
la. 16 Ngemva kwalokho we-
nza ngegolide elihlanzekile izi-
nto ezazizoba phezu kweta-
fula—izindishi zalo, izinkomishi
zalo, izitsha zalo nojeke balo
okuzothelwa kukho iminikelo
ephuzwayo.[a]

17 Ngemva kwalokho wenza
uthi lwesibani[b] lwegolide eli-
hlanzekile. Uthi lwesibani wa-
lwenza esebenzisa isando. Isi-
nqe salo, isiqu salo, izinde-
be zalo, amaqhuzwana alo ne-
zimbali zalo kwaba into eyo-
dwa.[c] 18 Esiqwini salo kwa-
phuma amagatsha ayisithu-
pha, amagatsha amathathu
othi lwesibani aphuma ohla-
ngothini olulodwa namagatsha
amathathu kolunye uhlango-
thi. 19 Igatsha ngalinye ko-
lunye uhlangothi lalinezinde-
be ezintathu ezimise okwezi-
mbali zom-alimondi, namaqhu-
zwana nezimbali okushintsha-
nayo. Kwenzeka okufanayo na-
kolunye uhlangothi. Lokhu
kwenziwa emagatsheni ayisi-
thupha ayephuma esiqwini so-
thi lwesibani. 20 Esiqwini so-
thi lwesibani kwakunezinde-
be ezine ezimise okwezimba-
li zom-alimondi, namaqhu-
zwana nezimbali kushintshana.

ISAHL. 37
a Eks 31:2-5; Eks 38:22
b Eks 40:3; Num 10:33
c Eks 25:10-15
d Heb 9:4
e 2Kr 5:9
f Jos 3:8
g Lev 16:2, 14; 1Kr 28:11
h Eks 25:17-20
i Gen 3:24
j Eks 40:20
k Heb 9:5
l 1Sa 4:4; Hu 80:1
m Eks 40:4
n Eks 25:23-28

Uhla 2
a Eks 25:29
b Eks 40:24; Lev 24:4; 2Kr 13:11
c Eks 25:31-39

---

**37:1** *Ingalo elingana no-44,5 cm. Bheka iSithasiselo B14. **37:2, 11** *Noma, "umhlobiso."

**37:12** *Cishe bungu-7,4 cm. Bheka iSithasiselo B14. #Noma, "nomhlobiso."

**21** Kwakuneqhuzwana nga-
phansi kwamagatsha amabili
okuqala aphuma esiqwini neli-
nye iqhuzwana ngaphansi kwa-
magatsha amabili alandelayo,
nelinye futhi iqhuzwana nga-
phansi kwamagatsha amabili
alandelayo, emagatsheni ayisi-
thupha aphuma esiqwini sothi
lwesibani. **22** Amaqhuzwana,
amagatsha nalo lonke uthi
lwesibani kwenziwa kwaba yi-
nto eyodwa eyenziwe ngegolide
elihlanzekile kusetshenziswa
isando. **23** Walwenzela iziba-
ni eziyisikhombisa[a] nezindlawu
zokucisha* ilangabi nemicenge-
zi yalo yomlilo ngegolide elihla-
nzekile. **24** Walwenza kanye
nazo zonke izinto zalo ngetha-
lenta* legolide elihlanzekile.

**25** Manje wenza i-altare le-
mpepho[b] ngokhuni lomtholo.
Lalinezinhlangothi ezine ezili-
nganayo, ubude balo buyinga-
lo, ububanzi balo buyinga-
lo nokuphakama kwalo kuyi-
zingalo ezimbili. Walenza laba
nezimpondo.[c] **26** Walinameka
ngegolide elihlanzekile, inga-
phezulu lalo nezinhlango-
thi zalo zonke nezimpondo
zalo, walenzela iphethelo* le-
golide elilizungezayo engxe-
nyeni ephezulu. **27** Walenzela
amasongo amabili egolide nge-
zansi kwephethelo* lalo ezi-
nhlangothini ezimbili ezibhe-
kene ayezobamba izinduku ezi-
zosetshenziselwa ukulithwa-
la. **28** Ngemva kwalokho we-
nza izinduku zokhuni lomtho-
lo wazinameka ngegolide.
**29** Waphinde wenza amafutha
angcwele okugcoba[d] nempe-
pho ehlanzekile, enamakha,[e]
okuhlanganiswe kahle ngobu-
nyoninco.*

**38** Wenza i-altare lomnikelo
oshiswayo ngokhuni lom-
tholo. Laba nezinhlangothi ezi-
ne ezilinganayo, ubude balo ba-
buyizingalo* ezinhlanu, ububa-
nzi balo buyizingalo ezi-
nhlanu, ukuphakama kwalo
kuyizingalo ezintathu.[a] **2** We-
nza izimpondo emakhoneni
alo amane. Izimpondo zaba
ingxenye yalo. Wabe eseliname-
ka ngethusi.[b] **3** Ngemva kwa-
lokho wenza zonke izinto ze-
altare, amabhakede, amahala-
vu, izitsha, izimfologo nemice-
ngezi yomlilo. Zonke izinto
zalo wazenza ngethusi. **4** Wa-
phinde wenzela i-altare isisefo,
inethi lethusi, ngaphansi ko-
nqenqema lwalo, phakathi
nendawo. **5** Wabumba amaso-
ngo amane emakhoneni amane
eduze kwesisefo sethusi, aba
izinto okuzongena kuzo izindu-
ku. **6** Ngemva kwalokho we-
nza izinduku zokhuni lomtholo
wazinameka ngethusi. **7** Wa-
faka izinduku emasongweni
ezinhlangothini ze-altare uku-
ze lithwalwe. Wenza i-altare
laba njengebhokisi lamapula-
ngwe elingenalutho.

**8** Wenza indishi yethusi[c] ne-
nto ehlala kuyo eyenziwe nge-
thusi; wasebenzisa izibuko* za-
besifazane ababehlelelwe uku-
khonza emnyango wetende lo-
kuhlangana.

**9** Wabe esenza igceke.[d]
Ohlangothini oluseningizimu
lwegceke, wenza amakhethi-
ni alengayo elineni elisezingeni

ISAHL. 37
*a* Num 8:2
*b* Eks 30:7; Eks 40:5; Hu 141:2; IsA 8:3
*c* Eks 30:1-5
*d* Eks 30:25, 33; Eks 40:9
*e* Eks 30:34, 35; Hu 141:2

Uhla 2

ISAHL. 38
*a* Eks 27:1-8; Eks 40:10
*b* 2Kr 1:5
*c* Eks 30:18; Lev 8:11; 1Kh 7:23
*d* Eks 40:8

**37:23** *Noma, “namathuluzi alo okucisha.” **37:24** *Ithalenta lalilingana no-34,2 kg. Bheka iSithasiselo B14. **37:26** *Noma, “unqenqema.” **37:27** *Noma, “konqenqema.”

**37:29** *Noma, “okunjengomsebenzi womenzi wamafutha okugcoba.” **38:1** *Ingalo elingana no-44,5 cm. Bheka iSithasiselo B14. **38:8** *Okuwukuthi, izibuko zensimbi ezicwebezeliswe kakhulu.

eliphezulu elisontiwe, aba izi-
ngalo ezingu-100.[a] **10** Kwaku-
nezinsika ezingu-20 nezisekelo
zethusi ezingu-20 ezinezimbo-
bo namahhuku ezinsika nezi-
nto zawo zokubopha,* kwaku-
ngokwesiliva. **11** Nasohla-
ngothini olusenyakatho kwaku-
khona amakhethini alenga-
yo ayizingalo ezingu-100. Izi-
nsika zawo ezingu-20 nezi-
sekelo zawo zethusi ezingu-
20 ezinezimbobo, kwakungeze-
thusi. Amahhuku ezinsika ne-
zinto zawo zokubopha* kwaku-
ngokwesiliva. **12** Kodwa ohla-
ngothini olusentshonalanga,
amakhethini alengayo ayeyizi-
ngalo ezingu-50. Kwakunezinsi-
ka eziyishumi nezisekelo eziyi-
shumi ezinezimbobo, nama-
hhuku ezinsika nezinto zazo
zokubopha,* kwakungokwesili-
va. **13** Ububanzi bohlango-
thi olusempumalanga babuyizi-
ngalo ezingu-50. **14** Kolunye
uhlangothi kwakulenga ama-
khethini ayizingalo ezingu-15,
nezinsika ezintathu nezise-
kelo ezintathu ezinezimbobo.
**15** Kolunye uhlangothi lwesa-
ngo legceke kwakulenga ama-
khethini ayizingalo ezingu-15,
nezinsika ezintathu nezise-
kelo ezintathu ezinezimbobo.
**16** Wonke amakhethini alenga-
yo azungeze igceke ayenga-
welineni elisezingeni eliphezu-
lu elisontiwe. **17** Izisekelo ezi-
nezimbobo zezinsika zazinge-
zethusi, amahhuku ezinsika
nezinto zawo zokubopha*
kwakungokwesiliva, ingxenye
ephezulu yayinanyekwe ngesi-
liva futhi zonke izinsika zegce-
ke zazinezibopho zesiliva.[b]

**18** Ikhethini* lesango legce-
ke lalenziwe ngentambo elu-
hlaza okwesibhakabhaka, ubo-
ya obuphephuli, indwangu ebo-
mvu nelineni elisezingeni eli-
phezulu elisontiwe. Laliyizinga-
lo ezingu-20 ubude, liyizinga-
lo ezinhlanu ukuphakama lili-
ngana namakhethini alengayo
egceke.[a] **19** Izinsika zawo ezi-
ne nezisekelo ezine ezinezi-
mbobo zazenziwe ngethusi.
Amahhuku nezinto zokubo-
pha* kwakungokwesiliva, inga-
phezulu lazo lalinanyekwe nge-
siliva. **20** Zonke izikhonkwa-
ne zetende letabernakele ne-
zalo lonke igceke zazingeze-
thusi.[b]

**21** Okulandelayo uhlu lwe-
zinto ezasetshenziselwa ukwa-
kha itabernakele, itabernake-
le lobuFakazi,[c] uhlu olwenzi-
wa ngokuyala kukaMose, nje-
ngesibopho samaLevi[d] eqondi-
swa u-Itamari[e] indodana ka-
Aroni umpristi. **22** UBhezale-
li[f] indodana ka-Uri indodana
kaHure wesizwe sakwaJuda
wenza konke uJehova ayeku-
yale uMose. **23** Wayeno-Oho-
liyabe[g] indodana ka-Ahisama-
ki wesizwe sakwaDani, ingcwe-
ti nomuntu owenza imihlobi-
so nomuntu oweluka ngenta-
mbo eluhlaza okwesibhakabha-
ka, uboya obuphephuli, indwa-
ngu ebomvu nelineni elisezi-
ngeni eliphezulu.

**24** Lonke igolide elasetshe-
nziswa kuwo wonke umsebe-
nzi wendawo engcwele lalilinga-
na negolide lomnikelo ozuliswa-
yo,[h] amathalenta* angu-29 na-
mashekeli# angu-730 ngeshekeli
elivamile lendawo engcwele.△
**25** Isiliva lalabo ababhalisiwe
benhlangano lalingamathalenta

**38:10-12, 17, 19** *Noma, “namasongo azo okubopha.” **38:18** *Noma, “Isihenqo.”

**38:24** *Ithalenta lalilingana no-34,2 kg. Bheka iSithasiselo B14. #Ishekeli lalilingana no-11,4 g. Bheka iSithasiselo B14. △Noma, “ngeshekeli elingcwele.”

ISAHL. 38
a Eks 27:9-15
b Eks 27:17

Uhla 2
a Eks 27:16
b Eks 27:19
c Eks 25:16 Eks 31:18 Num 17:7
d Num 3:6 Num 4:46, 47
e Eks 6:23 Num 4:28 1Kr 6:3
f Eks 31:2-5 Eks 35:30 Eks 36:1 Eks 37:1 2Kr 1:5
g Eks 31:6 Eks 35:34 Eks 36:2
h Eks 35:22

angu-100 namashekeli angu-
1 775 ngeshekeli elivamile lenda-
wo engcwele.* 26 Uhhafu we-
shekeli womuntu ngamunye wa-
wunguhhafu weshekeli ngeshe-
keli elivamile lendawo engcwe-
le,* bonke ababephakathi kwa-
labo ababebhalisiwe kusukela
eminyakeni engu-20 ubudala
kuya phezulu,[a] baba ngu-
603 550.[b]
27 Ukubunjwa kweziseke-
lo ezinezimbobo zendawo
engcwele nezisekelo ezinezi-
mbobo zekhethini kwaba ama-
thalenta angu-100; izisekelo
ezingu-100 ezinezimbobo za-
zilingana namathalenta angu-
100, ithalenta elilodwa esi-
sekelweni ngasinye esinembo-
bo.[c] 28 Ngamashekeli angu-
1 775, wenza amahhuku ezinsi-
ka wanameka ingxenye ephe-
zulu yazo wakuhlanganisa nda-
wonye.
29 Ithusi lomnikelo* lalinga-
mathalenta angu-70 namashe-
keli angu-2 400. 30 Ngalokhu
wenza izisekelo ezinezimbobo
zomnyango wetende lokuhla-
ngana, i-altare lethusi nesise-
fo salo sethusi nazo zonke izi-
nto ze-altare, 31 izisekelo ezi-
nezimbobo zalo lonke igce-
ke, izisekelo ezinezimbobo ze-
sango legceke, nazo zonke izi-
khonkwane zetende zetaberna-
kele nazo zonke izikhonkwane
zetende[d] zalo lonke igceke.

39 Benza izingubo ezilukiwe
ezisezingeni eliphezulu
zokukhonza endaweni engcwe-
le ngentambo eluhlaza okwe-
sibhakabhaka,[e] uboya obuphe-
phuli nendwangu ebomvu. Be-
nza izingubo ezingcwele zika-
Aroni,[f] njengoba nje uJehova
ayeyale uMose.

2 Wenza* i-efodi[a] ngegolide,
intambo eluhlaza okwesibha-
kabhaka, uboya obuphephuli,
indwangu ebomvu nelineni eli-
sezingeni eliphezulu elisonti-
we. 3 Bacangcatha izingcwe-
cwe zegolide zaba izingcwe-
phe, wazisika zaba imicu azo-
yifaka ayihlanganise nentambo
eluhlaza okwesibhakabhaka,
uboya obuphephuli, indwangu
ebomvu nelineni elisezingeni
eliphezulu futhi lelukwa laba
nemihlobiso. 4 Balenzela izi-
qephu zasemahlombe ezazi-
hlanganiswe phezulu. 5 Ibha-
nde elilukiwe* elalixhunywe
kuyi-efodi ukuze lilibophe liqi-
ne,[b] lalenziwe ngezinto ezifa-
nayo: igolide, intambo eluhlaza
okwesibhakabhaka, uboya obu-
phephuli, indwangu ebomvu
nelineni elisezingeni eliphezu-
lu elisontiwe, njengoba nje uJe-
hova ayemyalile uMose.
6 Banamathisela amatshe
e-onikisi ezinhlakeni zegoli-
de base beqopha kuwo amaga-
ma amadodana ka-Israyeli, nge-
ndlela ababengaqopha ngayo
uphawu.[c] 7 Wawabeka eziqe-
shini zasemahlombe ze-efodi
aba amatshe esikhumbuzo ku-
bantwana bakwa-Israyeli,[d] nje-
ngoba nje uJehova ayemyali-
le uMose. 8 Ngemva kwalo-
kho wenza isiqephu sesifu-
ba.[e] Senziwa umuntu owenza
imihlobiso, njenge-efodi. Sase-
nziwe ngegolide, intambo elu-
hlaza okwesibhakabhaka, ubo-
ya obuphephuli, indwangu ebo-
mvu nelineni elisezingeni eli-
phezulu elisontiwe.[f] 9 Saba
nezinhlangothi ezine ezilinga-
nayo lapho siphindiwe. Benza
isiqephu sesifuba, okwakuthi

ISAHL. 38
a Eks 30:15
b Eks 12:37 Num 1:45, 46
c Eks 26:19-21 Eks 26:25, 32
d Eks 27:19

ISAHL. 39
e Eks 35:23
f Eks 28:4, 5 Eks 29:5 Eks 35:10, 19

Uhla 2
a Eks 28:6-8 Lev 8:7
b Eks 29:5
c Eks 28:9, 10
d Eks 28:12
e Lev 8:8
f Eks 28:15-21

38:25, 26 *Noma, "ngeshekeli elingcwele." 38:29 *Noma, "lomnikelo ozuliswayo."

39:2 *Ngokusobala kubhekiselwa kuBhezaleli kuleli vesi nasevesini 7, 8 no-22. 39:5 *Noma, "Ibhande lasokhalweni."

lapho siphindiwe, silingane no-
bude nobubanzi besandla.*
**10** Banamathisela kuso izi-
nhlu ezine zamatshe. Uhlu
lokuqala kwakuyirubi, itopa-
zi ne-emeraldi. **11** Uhlu lwe-
sibili kwakuyitherkhoyisi, isafi-
re nejaspi. **12** Uhlu lwesitha-
thu kwakuyitshe leleshemu,* i-
agathe ne-amethiste. **13** Uhlu
lwesine kwakuyikrisolithe, i-
onikisi nejeyidi. Ayenanyathi-
selwe ezinhlakeni zegolide.
**14** La matshe ayehambisana
namagama amadodana ka-Isra-
yeli angu-12, eqoshwe njengo-
phawu, igama ngalinye limelele
isizwe ngasinye kwezingu-12.

**15** Benza amaketanga anje-
ngezindophi zegolide elihla-
nzekile esiqeshini sesifuba.[a]
**16** Benza izinhlaka ezimbili ze-
golide namasongo amabili egoli-
de base befaka la masongo
amabili emakhoneni amabili
esiqephu sesifuba. **17** Ngemva
kwalokho bafaka amaketanga
amabili egolide emasongweni
amabili asemakhoneni esiqe-
phu sesifuba. **18** Bafaka ama-
ketanga amabili ezintweni ezi-
mbili zegolide bazinamathise-
la eziqeshini zasemahlombe
ngaphambili kuyi-efodi. **19** Be-
nza amasongo egolide amabili
bawabeka emakhoneni amabili
esiqephu sesifuba aba ngapha-
kathi abheka i-efodi.[b] **20** Base
benza amanye amasongo ego-
lide amabili bawabeka ngapha-
mbili kuyi-efodi, ngezansi kwe-
ziqephu zasemahlombe ezimbi-
li, eduze kwalapho lihlangana
khona, ngenhla kwebhande eli-
lukiwe* le-efodi. **21** Ekugcine-
ni, babopha isiqephu sesifuba
ngentambo eluhlaza okwesibha-
kabhaka, kusukela emasongwe-
ni aso kuya emasongweni e-efo-
di, ukuze isiqephu sesifuba si-
ngagudluki kuyi-efodi, ngaphe-
zu kwebhande elilukiwe,* nje-
ngoba nje uJehova ayemyalile
uMose.

**22** Wabe esenza ijazi le-efo-
di elingenamikhono, lelukwe isi-
sebenzi esilukayo, lonke lenzi-
wa ngentambo eluhlaza okwe-
sibhakabhaka.[a] **23** Imbobo yo-
kufaka ikhanda yayimaphakathi
nalo, njengembobo yejazi lensi-
mbi. Imbobo yalo yayinomphe-
tho ojikelezayo ukuze lingada-
buki. **24** Ngemva kwalokho be-
nza emphethweni wejazi eli-
ngenamikhono amahalananda
ngentambo eluhlaza okwesibha-
kabhaka, uboya obuphephuli
nendwangu ebomvu, kuphothi-
we kwahlanganiswa ndawonye.
**25** Benza izinsimbi zegolide
elihlanzekile bazifaka phaka-
thi kwamahalananda zazunge-
za umphetho wejazi elingena-
mikhono, phakathi kwamahala-
nanda; **26** bashintshanisa insi-
mbi nehalananda, insimbi neha-
lananda, kwazungeza umphetho
wejazi elingenamikhono, elali-
ngelokukhonza, njengoba nje
uJehova ayemyalile uMose.

**27** Benzela u-Aroni namado-
dana akhe izingubo zelineni eli-
sezingeni eliphezulu, ezelukwe
isisebenzi esilukayo,[b] **28** nedu-
ku lokushuqula[c] lelineni elise-
zingeni eliphezulu, okokuthwala
ekhanda okuhlotshisiwe[d] kweli-
neni elisezingeni eliphezulu, izi-
khindi zangaphansi*[e] zelineni
elisezingeni eliphezulu elisonti-
we, **29** nebhande lendwangu
yelineni elisezingeni eliphezulu
elisontiwe, intambo eluhlaza

ISAHL. 39
*a* Eks 28:22-25
*b* Eks 28:26-28

Uhla 2
*a* Eks 28:31-35
*b* Eks 28:39, 40
*c* Eks 28:4
*d* Eks 29:8, 9
*e* Eks 28:42

**39:9** *Cishe bungu-22,2 cm. Bheka iSithasiselo B14. **39:12** *Itshe eliyigugu elingashiwongo, okungenzeka ukuthi kubhekiselwa enhlakeni, ihiyakinte, i-opal noma i-tourmaline. **39:20, 21** *Noma, "kwebhande lasokhalweni."

**39:28** *Noma, "izingubo zangaphansi."

okwesibhakabhaka, uboya obuphephuli nendwangu ebomvu okwelukwe kwahlanganiswa ndawonye, njengoba nje uJehova ayemyalile uMose.

**30** Ekugcineni, benza ucwecwe olucwebezelayo lwegolide elihlanzekile, uphawu olungcwele lokuzinikezela,* baqopha kulo umbhalo oqoshwe ngendlela umuntu abengaqopha ngayo uphawu, oluthi: "Ubungcwele bungobukaJehova."[a] **31** Babophela kulo intambo eluhlaza okwesibhakabhaka ukuze balubeke phezu kwenduku lokushuqula, njengoba nje uJehova ayemyalile uMose.

**32** Ngakho wonke umsebenzi wetabernakele, itende lokuhlangana, waphela futhi ama-Israyeli enza konke uJehova ayeyale ngakho uMose.[b] Enza kanjalo nje.

**33** Base beletha itabernakele[c] kuMose, itende[d] nazo zonke izinto zalo: amahhuku alo,[e] izinhlaka zalo zamapulangwe,[f] izinduku zalo[g] nezinsika zalo nezisekelo zalo ezinezimbobo;[h] **34** isembozo salo sezikhumba zezinqama ezidaywe zaba bomvu,[i] isembozo salo sezikhumba zezimvu zamanzi, ikhethini;[j] **35** umphongolo wobuFakazi nezinduku zawo[k] nesivalo;[l] **36** itafula nazo zonke izinto zalo[m] nesinkwa sokubukwa; **37** uthi lwesibani lwegolide elihlanzekile, izibani zalo,[n] uhlu lwezibani nazo zonke izinto zalo[o] namafutha okukhanyisa;[p] **38** i-altare[q] legolide, amafutha okugcoba,[r] impepho enamakha,[s] ikhethini*[t] lomnyango wetende; **39** i-altare lethusi[u] nesisefo salo sethusi, izinduku zalo,[v] nazo zonke izinto zalo,[a] indishi nento ehlala kuyo;[b] **40** amakhethini alengayo egceke, izinsika zalo nezisekelo zalo ezinezimbobo,[c] ikhethini*[d] lesango legceke, izintambo zalo zetende nezikhonkwane zalo zetende[e] nazo zonke izinto zenkonzo yetabernakele, zetende lokuhlangana; **41** izingubo ezilukiwe ezisezingeni eliphezulu zokukhonza endlini engcwele, izingubo ezingcwele zika-Aroni umpristi[f] nezingubo zamadodana akhe zokuba abapristi.

**42** Ngokuvumelana nakho konke uJehova ayekuyale uMose, yileyo ndlela ama-Israyeli awenza ngayo wonke umsebenzi.[g] **43** Lapho uMose ehlola wonke umsebenzi wawo, wabona ukuthi ayewenze njengoba nje uJehova ayeyalile; ngakho uMose wawabusisa.

**40** UJehova wabe esethi kuMose: **2** "Ngosuku lokuqala lwenyanga yokuqala, kufanele umise itabernakele, itende lokuhlangana.[h] **3** Ubeke umphongolo wobuFakazi kulo,[i] bese usitha uMphongolo ngekhethini.[j] **4** Kufanele ungenise itafula[k] bese uhlela izinto zalo, ungenise uthi lwesibani[l] ukhanyise izibani zalo.[m] **5** Ubeke i-altare legolide lempepho[n] phambi komphongolo wobuFakazi ufake ikhethini* lomnyango wetabernakele endaweni yalo.[o]

**6** "Kufanele ubeke i-altare lomnikelo oshiswayo[p] phambi komnyango wetabernakele, itende lokuhlangana, **7** ubeke indishi phakathi kwetende lokuhlangana ne-altare ufake amanzi kuyo.[q] **8** Ulungise igceke[r] nxazonke bese ufaka ikhethini*[s] lesango legceke. **9** Ngemva kwalokho kufanele uthathe amafutha okugco-

39:30 *Noma, "umqhele ongcwele."
39:38, 40; 40:5, 8 *Noma, "isihenqo."

ISAHL. 39
a Eks 28:36, 37; Lev 8:9
b Eks 25:40; Heb 8:5
c Eks 36:8
d Eks 36:14
e Eks 36:18
f Eks 36:20
g Eks 36:31
h Eks 36:24
i Eks 36:19
j Eks 36:35
k Eks 37:1, 4
l Eks 37:6
m Eks 37:10, 16
n Eks 37:17, 23
o Eks 25:38
p Eks 35:27, 28
q Eks 37:25
r Eks 37:29
s Eks 30:34, 35
t Eks 36:37
u Eks 38:1, 4
v Eks 38:6

Uhla 2
a Eks 38:30
b Eks 30:18; Eks 38:8
c Eks 38:9-11
d Eks 38:18
e Eks 38:20
f Eks 28:3
g Eks 35:10; Eks 36:1

ISAHL. 40
h Num 7:1
i Eks 25:21
j Num 4:5; Heb 9:3
k Eks 26:35
l Eks 25:31; Heb 9:2
m Eks 25:37
n Eks 30:1
o Eks 26:36
p Eks 38:1
q Eks 30:18
r Eks 27:9
s Eks 27:16; Eks 38:18

ba[a] ugcobe itabernakele nakho
konke okukulo,[b] ulingcwelise
lona nazo zonke izinto zalo,
ukuze libe ngcwele. **10** Kufa-
nele ugcobe i-altare lomnike-
lo oshiswayo nazo zonke izinto
zalo ungcwelise i-altare, ukuze
libe yi-altare elingcwelengcwe-
le.[c] **11** Ugcobe indishi nento
ehlala kuyo ukungcwelise.

**12** "Ngemva kwalokho ule-
the u-Aroni namadodana akhe
eduze komnyango wetende lo-
kuhlangana ubageze nga-
manzi.[d] **13** Kufanele ugqokise
u-Aroni izingubo ezingcwele[e]
umgcobe[f] umngcwelise, uzo-
ba umpristi kimi. **14** Ngemva
kwalokho usondeze amadoda-
na akhe uwagqokise izingubo.[g]
**15** Kufanele uwagcobe njengo-
ba nje wagcoba uyise,[h] uku-
ze abe abapristi kimi, futhi
ukugcotshwa kwawo kuzose-
benza njalo kuwo njengobupri-
sti baphakade ezizukulwaneni
zawo."[i]

**16** UMose wenza ngokuvu-
melana nakho konke uJehova
ayemyale ngakho.[j] Wenza kanja-
lo nje.

**17** Ngenyanga yokuqala, ngo-
nyaka wesibili, ngosuku loku-
qala lwenyanga, lamiswa itaber-
nakele.[k] **18** Lapho uMose emi-
sa itabernakele, wabeka pha-
nsi izisekelo zalo ezinezimbo-
bo,[l] wafaka izinhlaka zamapu-
langwe,[m] wafaka izingodo zalo,[n]
wamisa nezinsika zalo. **19** We-
ndlala itende[o] phezu kwetabe-
rnakele wabeka nesembozo[p] se-
tende ngaphezu kwalo, njengoba
nje uJehova ayemyalile uMose.

**20** Ngemva kwalokho wa-
thatha ubuFakazi[q] wabufaka
eMphongolweni[r] wabeka izi-
nduku[s] eMphongolweni wa-
beka isivalo[t] eMphongolwe-
ni.[u] **21** Wangenisa uMphongo-
lo etabernakele wafaka ikhe-
thini[a] endaweni yalo wasitha
umphongolo wobuFakazi,[b] nje-
ngoba nje uJehova ayemyalile
uMose.

**22** Ngemva kwalokho wabe-
ka itafula[c] etendeni lokuhla-
ngana ohlangothini olusenya-
katho lwetabernakele ngapha-
ndle kwekhethini, **23** wabe
esehlela kahle izinkwa[d] phe-
zu kwalo phambi kukaJehova,
njengoba nje uJehova ayemya-
lile uMose.

**24** Wabeka uthi lwesibani[e]
etendeni lokuhlangana pha-
mbi kwetafula, ohlangothini
lwetabernakele oluseningizimu.
**25** Wakhanyisa izibani[f] phambi
kukaJehova, njengoba nje uJe-
hova ayemyalile uMose.

**26** Wabe esebeka i-altare
legolide[g] etendeni lokuhlanga-
na ngaphambi kwekhethini,
**27** ukuze ashunqise impepho
enamakha[h] kulo,[i] njengoba nje
uJehova ayemyalile uMose.

**28** Wafaka ikhethini*[j] lom-
nyango wetabernakele enda-
weni yalo.

**29** Wabeka i-altare lomnike-
lo oshiswayo[k] emnyango weta-
bernakele, itende lokuhlanga-
na, ukuze anikele umnikelo
oshiswayo[l] nomnikelo wokudla
okusanhlamvu kulo, njengoba
nje uJehova ayemyalile uMose.

**30** Wabeka indishi phaka-
thi kwetende lokuhlangana ne-
altare, wafaka amanzi okuge-
za kuyo.[m] **31** UMose no-Aroni
namadodana akhe bageza kuyo
izandla nezinyawo. **32** Noma
nini lapho bezongena etende-
ni lokuhlangana noma besonde-
la e-altare, babegeza,[n] nje-
ngoba nje uJehova ayemyali-
le uMose.

**33** Ekugcineni walungisa
igceke[o] nxazonke zetabernakele

ISAHL. 40

a Eks 30:23-25
b Lev 8:10, Num 7:1
c Eks 29:36, 37, Lev 8:11
d Lev 8:6
e Eks 29:5, Lev 8:7
f Lev 8:12, Hu 133:2
g Lev 8:13
h Lev 8:30
i Heb 7:11
j Eks 39:43, Dut 4:2
k Num 7:1, Num 9:15
l Eks 36:24
m Eks 26:15
n Eks 36:31
o Eks 26:7
p Eks 26:14
q Eks 31:18
r Eks 25:22, Eks 37:1
s Eks 37:4, 1Kh 8:8
t Eks 37:6, 1Kr 28:11
u Lev 16:2

Uhla 2

a Eks 36:35, Heb 10:19, 20
b Heb 9:3
c Eks 37:10, Heb 9:2
d Eks 25:30, Mat 12:4
e Eks 37:17
f Eks 25:37, Eks 37:23
g Eks 30:1, Eks 37:25
h Eks 30:34, 35
i Eks 30:7
j Eks 26:36, Eks 36:37
k Eks 38:1
l Eks 29:38
m Eks 30:18
n Eks 30:18, 19
o Eks 27:9, Eks 38:9

---

**40:28** *Noma, "isihenqo."

ne-altare, wafaka ikhethini* esa-
ngweni legceke.[a]

UMose wawuqeda umsebe-
nzi. **34** Ifu laqala ukumboza
itende lokuhlangana, inkazimu-
lo kaJehova yagcwalisa itaber-
nakele.[b] **35** UMose wayenga-
kwazi ukungena etendeni loku-
hlangana ngoba ifu lalilokhu li-
phezu kwalo, nenkazimulo ka-
Jehova yagcwalisa itaberna-
kele.[c]

**36** Lapho ifu likhuphuka li-
suka etabernakele, ama-Israye-
li ayeqhubeka nendlela phaka-
thi nalo lonke uhambo lwawo.[a]
**37** Nokho, uma ifu lingakhu-
phuki, ayengaqhubeki nendlela
kuze kube usuku elikhuphuka
ngalo.[b] **38** Ngoba ifu likaJe-
hova laliba phezu kwetaberna-
kele emini, ebusuku kube kho-
na umlilo phezu kwalo pha-
mbi kwamehlo ayo yonke indlu
ka-Israyeli phakathi nalo lonke
uhambo lwayo.[c]

**40:33** *Noma, "isihenqo."

**ISAHL. 40**
*a* Eks 38:18
*b* Num 9:15; IsA 15:8
*c* 2Kr 5:14

**Uhla 2**
*a* Num 10:11; Neh 9:19
*b* Num 9:17, 22
*c* Eks 13:21; Num 9:16; Hu 78:14

# LEVITIKUSI

## UHLU LOKUPHAKATHI

1 Umnikelo oshiswayo (1-17)

2 Umnikelo wokudla okusanhlamvu (1-16)

3 Umnikelo ohlanganyelwayo (1-17)
- Ningawadli amanoni noma igazi (17)

4 Umnikelo wesono (1-35)

5 Izono ezithile neminikelo edingekayo (1-6)
- Ukubika izono zabanye (1)

Eminye iminikelo enganikelwa abahluphekayo (7-13)
Umnikelo wecala wezono ezingahlosiwe (14-19)

6 Okwengeziwe ngomnikelo wecala (1-7)
Iziyalezo ngeminikelo (8-30)
- Umnikelo oshiswayo (8-13)
- Umnikelo wokudla okusanhlamvu (14-23)
- Umnikelo wesono (24-30)

7 Iziyalezo ngeminikelo (1-21)
- Umnikelo wecala (1-10)
- Umnikelo ohlanganyelwayo (11-21)

Ukudla amanoni noma igazi kwenqatshelwe (22-27)
Umnikelo wabapristi (28-36)
Isiphetho ngeminikelo (37, 38)

8 Ukumiswa kwabapristi bozalo luka-Aroni (1-36)

9 U-Aroni wenza iminikelo (1-24)

10 Umlilo ovela kuJehova ubulala uNadabi no-Abhihu (1-7)
Iziqondiso zabapristi ezimayelana nokudla nokuphuza (8-20)

11 Izilwane ezihlanzekile nezingcolile (1-47)

12 Ukuhlanzwa ngemva kokuzala ingane (1-8)

13 Iziqondiso ezimayelana nochoko (1-46)
Uchoko ezingutsheni (47-59)

14 Ukuhlanzwa ochokweni (1-32)
Ukuhlanzwa kwezindlu ezinochoko (33-57)

15 Ukungcola okuphuma ezithweni zangasese (1-33)

16 USuku Lwesihlawulelo (1-34)

17 Itabernakele, indawo yemihlatshelo (1-9)
Ukudla igazi kwenqatshelwe (10-14)
Iziqondiso ngezilwane ezitholakale zifile (15, 16)

18 Ukuya ocansini okungemthetho (1-30)
- Ningabalingisi abaseKhanani (3)
- Ukulala nezihlobo (6-18)
- Phakathi nokuya esikhathini (19)
- Izenzo zobutabane (22)

Ukulala nesilwane (23)
‘Ningazingcolisi, kungenjalo izwe lizonihlanza’ (24-30)

19 Imithetho ehlukahlukene ngobungcwele (1-37)
Indlela efanele yokuvuna (9, 10)
Ukucabangela abayizithulu nabayizimpumputhe (14)
Ukunyundela (16)
Ungalibambi igqubu (18)
Ukwenza imilingo nokusebenzelana nabanemimoya kwenqatshelwe (26, 31)
Ukudweba umzimba kwenqatshelwe (28)
Ukuhlonipha abantu abadala (32)
Indlela yokuphatha izifiki (33, 34)

20 Ukukhonza uMoleki; ukusebenzelana nabanemimoya (1-6)
Yibani ngcwele, nihloniphe abazali (7-9)
Ukubulawa kwabenza izono zocansi (10-21)
Yibani ngcwele ukuze nihlale ezweni (22-26)
Abanemimoya kumele babulawe (27)

21 Abapristi kumele babe ngcwele bangazingcolisi (1-9)
Umpristi ophakeme akufanele azingcolise (10-15)
Abapristi akufanele babe nezici emzimbeni (16-24)

22 Ukuhlanzeka kwabapristi nokudliwa kwezinto ezingcwele (1-16)
Kwamukelwa iminikelo ephile kahle kuphela (17-33)

23 Izinsuku ezingcwele nemikhosi (1-44)
ISabatha (3)
IPhasika (4, 5)
UMkhosi Wesinkwa Esingenamvubelo (6-8)
Ukunikela ngezithelo zokuqala (9-14)
UMkhosi Wamasonto (15-21)
Indlela efanele yokuvuna (22)
UMkhosi Wokukhala Kwecilongo (23-25)
USuku Lwesihlawulelo (26-32)
UMkhosi Wamadokodo (33-43)

24 Amafutha ezibani zetabernakele (1-4)
Olofu bezinkwa zokubukwa (5-9)
Ohlambalaza igama likaNkulunkulu ushaywa ngamatshe (10-23)

25 Unyaka weSabatha (1-7)
Unyaka weJubili (8-22)
Ukubuyiswa kwezwe (23-34)
Indlela yokuphatha ompofu (35-38)
Imithetho ephathelene nobugqila (39-55)

26 Dedani ekukhonzeni izithixo (1, 2)
Izibusiso zokulalela (3-13)
Isijeziso sokungalaleli (14-46)

27 Ukuhlengwa kwezinto ezifungelwe (1-27)
Abantu (1-8)
Izilwane (9-13)
Izindlu (14, 15)
Amasimu (16-25)
Izibulo (26, 27)
Izinto ezinikelwe kuJehova ngaphandle kombandela (28, 29)
Ukubuyisa okweshumi (30-34)

---

**1** UJehova wabiza uMose
wakhuluma naye esetende-
ni lokuhlangana,[a] wathi:
**2** “Khuluma nama-Israyeli,*
uthi kuwo, ‘Uma noma ubani
kini eletha kuJehova umnike-
lo wezilwane ezifuywayo, kufa-
nele alethe inkomo, imvu noma
imbuzi.[b]
**3** “‘Uma umnikelo wakhe
ungumnikelo oshiswayo wom-
hlambi wezinkomo, kufane-
le anikele ngeduna eliphile ka-
hle.[a] Kufanele awulethe ngoku-
zithandela[b] phambi kukaJeho-
va emnyango wetende lokuhla-
ngana. **4** Kufanele abeke isa-
ndla sakhe ekhanda lomnike-
lo oshiswayo, uzokwamukelwa
ngenxa yakhe ukuze enzelwe
isihlawulelo.

**1:2** *NgesiHebheru, “nabantwana ba-kwa-Israyeli.”

**ISAHL. 1**
*a* Eks 40:34
*b* Lev 22:18-20

**Uhla 2**
*a* Dut 15:19, 21
Mal 1:14
*b* 2Ko 9:7

**5** "'Khona-ke leli duna kumele lihlatshwe phambi kukaJehova; amadodana ka-Aroni, abapristi,[a] azoletha igazi alifafaze nxazonke ze-altare[b] elisemnyango wetende lokuhlangana. **6** Umnikelo oshiswayo kufanele uhlinzwe bese uyasikwa ube amaqatha amakhulu.*[c] **7** Amadodana ka-Aroni, abapristi, kufanele abeke umlilo e-altare[d] futhi ahlele izinkuni emlilweni. **8** Amadodana ka-Aroni, abapristi, azobeka ngononina amaqatha omnikelo[e] kanye nekhanda nomhlwehlwe* phezu kwezinkuni ezisemlilweni e-altare. **9** Amathumbu namanqina awo kuyogezwa ngamanzi, umpristi kufanele awushunqise wonke e-altare njengomnikelo oshiswayo, umnikelo oshiswa emlilweni, oyiphunga elimnandi* kuJehova.[f]

**10** "'Uma umnikelo wakhe oshiswayo ungowomhlambi wezimvu nezimbuzi,[g] kuyiwundlu noma izinyane lembuzi, kufanele alethe iduna eliphile kahle.[h] **11** Kufanele lihlatshelwe ohlangothini olusenyakatho lwe-altare phambi kukaJehova, futhi amadodana ka-Aroni, abapristi, azofafaza igazi lawo nxazonke ze-altare.[i] **12** Uzolisika libe amaqatha, ikhanda lalo nomhlwehlwe walo,* umpristi uzokubeka ngononina phezu kwezinkuni emlilweni ose-altare. **13** Uzogeza amathumbu namanqina alo ngamanzi, umpristi uzoliletha lonke alishunqise e-altare. Kungumnikelo oshiswayo, umnikelo oshiswa emlilweni, oyiphunga elimnandi* kuJehova.

**14** "'Nokho, uma umnikelo wakhe oshiswayo awenzela uJehova kuyizinyoni, uzoletha umnikelo wamahobhe noma wamaphuphu amajuba.[a] **15** Umpristi uzowuletha e-altare awunqunte ikhanda futhi awushunqise e-altare, kodwa igazi lawo kufanele likhishelwe ohlangothini lwe-altare. **16** Kufanele asuse ingila nezimpaphe zawo akuphonse eceleni kwe-altare, ngasempumalanga, endaweni yomlotha.*[b] **17** Umpristi uzowusika eduze kwamaphiko angawuhlukanisi ube izingxenye ezimbili. Ngemva kwalokho uzowushunqisa e-altare, phezu kwezinkuni ezisemlilweni. Kungumnikelo oshiswayo, umnikelo oshiswa emlilweni, oyiphunga elimnandi* kuJehova.

**2** "'Uma othile eletha kuJehova umnikelo wokudla okusanhlamvu,[c] umnikelo wakhe kumele ube ufulawa ocolekile futhi kufanele athele amafutha kuwo, abeke nenhlaka yempepho phezu kwawo.[d] **2** Uzobe esewuletha emadodaneni ka-Aroni, abapristi, futhi umpristi uzocaphuna ngesandla ufulawa ocolekile namafutha nayo yonke inhlaka yawo yempepho, uzowushunqisa phezu kwe-altare njengomelela wonke umnikelo,#[e] umnikelo oshiswa emlilweni oyiphunga elimnandi* kuJehova. **3** Noma yikuphi okusele komnikelo wokudla okusanhlamvu kungokuka-Aroni namadodana akhe,[f] njengento engcwelengcwele[g] evela eminikelweni kaJehova eshiswa emlilweni.

**4** "'Uma uletha umnikelo wokudla okusanhlamvu oku-

**1:6** *Noma, "amavenge." **1:8** *Noma, "namafutha azungeze izinso." **1:9, 13, 17; 2:2** *Noma, "elanelisayo; elizolisayo." NgesiHebheru, "elizolile." **1:12** *Noma, "namafutha alo azungeze izinso."

**1:16** *Noma, "yomlotha onamafutha," okuwukuthi, umlotha onamafutha emihlatshelo. **2:2** #Noma, "njengengxenye eyisikhumbuzo sawo."

ISAHL. 1
- a Heb 10:11
- b Heb 9:13, 14
- c Lev 7:8
- d Lev 6:12
- e 1Kh 18:23
- f Gen 8:20, 21; Num 15:2, 3
- g Gen 4:4
- h Lev 12:6; Lev 22:18-20
- i Eks 29:16-18; Lev 8:18-21; Lev 9:12-14

Uhla 2
- a Lev 5:7; Lev 12:8; Luk 2:24
- b Eks 27:3; Lev 4:11, 12; Lev 6:10

ISAHL. 2
- c Lev 9:17; Num 15:2-4
- d Eks 29:1-3; Lev 6:14, 15; Num 7:13
- e Num 5:25, 26
- f Lev 7:9, 10
- g Lev 10:12; Num 18:9

bhakwe kuhhavini, kufanele
ube okafulawa ocolekile, olo-
fu bezinkwa abangenamvu-
belo abamise okwesongo aba-
namafutha noma izingcezwana
ezingenamvubelo ezigcotshwe
ngamafutha.[a]
**5** "'Uma umnikelo wakho
ungumnikelo wokudla okusa-
nhlamvu okwenziwe esigazi-
ngweni,[b] kufanele ube okafula-
wa ocolekile, ufulawa ongena-
mvubelo onamafutha. **6** Kufa-
nele uhleshulwe ube izingce-
zu futhi kufanele uthele amafu-
tha kuwo.[c] Ungumnikelo woku-
dla okusanhlamvu.
**7** "'Uma umnikelo wakho
ungumnikelo wokudla okusa-
nhlamvu okwenziwe ngepani,
kufanele wenziwe ngofulawa
ocolekile onamafutha. **8** Ku-
fanele ulethe kuJehova umni-
kelo wokudla okusanhlamvu
okwenziwe ngalezi zinto, uzo-
lethwa kumpristi ozowusonde-
za e-altare. **9** Umpristi uzo-
phakamisa omunye walo mni-
kelo wokudla okusanhlamvu
njengomelela wonke umnike-
lo*[d] awushunqise e-altare nje-
ngomnikelo oshiswa emlilwe-
ni, oyiphunga elimnandi# kuJe-
hova.[e] **10** Okusele kwalo mni-
kelo wokudla okusanhlamvu
kungokuka-Aroni namadodana
akhe, njengokuthile okungcwe-
lengcwele kweminikelo kaJeho-
va eyenziwa ngomlilo.[f]
**11** "'Akukho mnikelo woku-
dla okusanhlamvu eniwuletha
kuJehova okufanele ufakwe
imvubelo,[g] ngoba akumele ni-
shunqise inhlama ebilile noma
uju njengomnikelo kaJehova
oshiswa emlilweni.
**12** "'Ningakuletha kuJehova
njengomnikelo wesivuno soku-
qala,[a] kodwa akumele kulethwe
e-altare njengephunga elimna-
ndi.#
**13** "'Yonke iminikelo yoku-
dla okusanhlamvu oyenzayo
kufanele uyinonge ngosawo-
ti; futhi akumele ungabi khona
usawoti wesivumelwano sika-
Nkulunkulu wakho emnikelwe-
ni wakho wokudla okusanhla-
mvu. Uyoletha usawoti kanye
nayo yonke iminikelo yakho.[b]
**14** "'Uma uletha kuJehova
umnikelo wokudla okusanhla-
mvu wesivuno sokuqala, ku-
fanele ulethe ukudla okusa-
nhlamvu okusha* okugazingwe
emlilweni, izinhlamvu ezintsha
ezingacolisekile, njengomnike-
lo wokudla okusanhlamvu we-
sivuno sokuqala.[c] **15** Kufane-
le uthele amafutha kuwo futhi
ubeke inhlaka yempepho phe-
zu kwawo. Ungumnikelo woku-
dla okusanhlamvu. **16** Umpri-
sti uzowushunqisa njengomele-
la wonke umnikelo,*[d] okungu-
kuthi, okunye kokudla okusa-
nhlamvu okungacolisekile na-
mafutha nayo yonke inhlaka
yawo yempepho, njengomnike-
lo oshiswa emlilweni oya kuJe-
hova.

**3** "'Uma umnikelo wakhe
ungumhlatshelo ohlanga-
nyelwayo*[e] futhi uma ewuletha
uvela emhlanjini wezinkomo,
kungakhathaliseki ukuthi iduna
noma insikazi, kufanele alethe
isilwane esiphile kahle phambi
kukaJehova. **2** Kufanele abeke
isandla sakhe ekhanda lomni-
kelo wakhe, uzohlatshelwa em-
nyango wetende lokuhlanga-
na; amadodana ka-Aroni, aba-
pristi, azofafaza igazi nxazonke

---

**2:9, 16** *Noma, "njengengxenye eyisikhumbuzo sawo." **2:9, 12** #Noma, "elanelisayo; elizolisayo." NgesiHebheru, "elizolile."

**2:14** *Noma, "izikhwebu eziluhlaza." **3:1** *Noma, "ungumhlatshelo weminikelo yokuthula."

ISAHL. 2
a Lev 8:26, 28; Num 6:13, 19
b Lev 6:20, 21
c Num 28:9
d Lev 2:2; Lev 5:11, 12
e Eks 29:38-41; Num 28:4-6
f Num 18:9
g Lev 6:14, 17

Uhla 2
a Eks 23:19; Num 15:20; 2Kr 31:5; IzA 3:9
b Hez 43:23, 24
c Eks 23:16; Eks 34:22; Num 28:26
d Lev 5:11, 12; Lev 6:14, 15

ISAHL. 3
e Lev 22:21; Num 6:13, 14

ze-altare. **3** Uzoletha ingxenye yomhlatshelo ohlanganyelwayo ibe umnikelo oshiswa emlilweni oya kuJehova:[a] umhlwehlwe[b] omboze amathumbu, wonke umhlwehlwe ozungeze amathumbu, **4** nezinso zombili eziseduze kwezinkalo namanoni akuzo. Uzosusa namafutha asesibindini kanye nezinso.[c] **5** Amadodana ka-Aroni azowushunqisa e-altare phezu komnikelo oshiswayo obekwe phezu kwezinkuni ezisemlilweni;[d] ungumnikelo oshiswa emlilweni njengephunga elimnandi# kuJehova.[e]

**6** "'Uma umnikelo wakhe womhlatshelo ohlanganyelwayo azowunikela kuJehova uthathwe emhlanjini wezimvu nezimbuzi, uzoletha isilwane esiphile kahle seduna noma sensikazi.[f] **7** Uma eletha iwundlu eliyiduna elingumnikelo wakhe, uzoliletha phambi kukaJehova. **8** Uzobeka isandla sakhe ekhanda lomnikelo wakhe, uzohlatshelwa phambi kwetende lokuhlangana. Amadodana ka-Aroni azofafaza igazi lawo nxazonke ze-altare. **9** Uzoletha amanoni avela emhlatshelweni ohlanganyelwayo awumnikelo oshiswa emlilweni oya kuJehova.[g] Uzowususa wonke umsila ononile eduze komgogodla, umhlwehlwe omboze amathumbu, wonke umhlwehlwe ozungeze amathumbu, **10** nezinso zombili ezinamanoni eziseduze kwezinkalo. Uzosusa namafutha asesibindini kanye nezinso.[h] **11** Umpristi uzokushunqisa phezu kwe-altare njengokudla,* umnikelo oya kuJehova oshiswa emlilweni.[i]

**12** "'Uma umnikelo wakhe kuyimbuzi, uzoyiletha phambi kukaJehova. **13** Uzobeka isandla sakhe phezu kwekhanda layo, izohlatshelwa phambi kwetende lokuhlangana, amadodana ka-Aroni kumele afafaze igazi layo nxazonke ze-altare. **14** Ingxenye azoyiletha ezoba umnikelo wakhe oshiswa emlilweni oya kuJehova wumhlwehlwe omboze amathumbu, wonke umhlwehlwe ozungeze amathumbu,[a] **15** nezinso zombili ezinamanoni eziseduze kwezinkalo. Uzosusa namafutha asesibindini kanye nezinso. **16** Umpristi uzokushunqisa phezu kwe-altare njengokudla,* umnikelo oshiswa emlilweni oyiphunga elimnandi.# Wonke amanoni akaJehova.[b]

**17** "'Lona umthetho waphakade wezizukulwane zenu, kuzo zonke izindawo enihlala kuzo: Akumele neze nidle noma yimaphi amanoni nanoma yiliphi igazi.'"[c]

# 4

UJehova waqhubeka wathi kuMose: **2** "Khuluma nama-Israyeli, uthi, 'Uma othile* ona ngephutha[d] ngokwenza noma iyiphi yezinto uJehova ayala ukuba zingenziwa:

**3** "'Uma umpristi ogcotshiwe[e] ona[f] alethe icala phezu kwabantu, kumele alethe ithole leduna eliphile kahle kuJehova libe umnikelo wesono ngenxa yesono asenzile.[g] **4** Uzoletha leli duna emnyango wetende lokuhlangana[h] phambi kukaJehova, abeke isandla sakhe ekhanda laleli duna, alihlabe phambi kukaJehova.[i] **5** Umpristi ogcotshiwe[j] uzobe esethatha elinye igazi laleli duna alilethe etendeni lokuhlangana; **6** umpristi uzogcobhoza umu-

---

**3:5, 16** #Noma, "elanelisayo; elizolisayo." NgesiHebheru, "elizolile." **3:11, 16** *NgesiHebheru, "njengesinkwa," okuwukuthi, njengengxenye kaNkulunkulu yomnikelo ohlanganyelwayo.

**4:2** *Noma, "umphefumulo."

---

ISAHL. 3
a Lev 7:29-31
b Eks 29:13; Lev 7:23-25; 1Kh 8:64
c Lev 7:1-4
d Lev 6:12
e Lev 4:29, 31
f Num 6:13, 14
g Eks 29:22; Lev 9:18-20; 2Kr 7:7
h Lev 4:8, 9; Lev 9:10
i Lev 4:31

Uhla 2
a Lev 4:24, 26
b Lev 7:23; 1Sa 2:15-17
c Gen 9:4; Lev 17:10, 13; Dut 12:23; IzE 15:20, 29

ISAHL. 4
d Lev 5:17; Num 15:27, 28
e Lev 8:12; Lev 21:10
f Num 12:1, 11
g Heb 5:1-3; Heb 7:27
h Lev 6:25
i Eks 29:10, 11
j Eks 30:30

nwe wakhe egazini,[a] afafaze eli-
nye laleli gazi kasikhombisa[b]
phambi kukaJehova phambi
kwekhethini lendawo engcwe-
le. **7** Umpristi uzobheca eli-
nye laleli gazi ezimpondweni
ze-altare lempepho enamakha,[c]
eliphambi kukaJehova etende-
ni lokuhlangana; lonke elinye
igazi laleli duna uzolithululela
phansi e-altare lomnikelo oshi-
swayo,[d] elisemnyango wetende
lokuhlangana.
**8** "'Uzosusa wonke amafu-
tha eduna lomnikelo weso-
no, kuhlanganise nomhlwehlwe
omboze amathumbu nomhlwe-
hlwe ozungeze amathumbu,
**9** nezinso zombili ezinamafu-
tha eziseduze kwezinkalo. Fu-
thi uzosusa amafutha asesibi-
ndini kanye nezinso.[e] **10** Lezi
zinto uzozisusa ngendlela efa-
nayo nezisuswe ngayo em-
hlatshelweni ohlanganyelwa-
yo.[f] Umpristi uzokushunqi-
sa e-altare lomnikelo oshi-
swayo.
**11** "'Kodwa isikhumba sedu-
na nayo yonke inyama yalo ka-
nye nenhloko yalo, amanqina
alo, amathumbu alo nomswani
walo[g]— **12** lonke iduna—uzo-
yala ukuba liyiswe ngaphandle
emaphethelweni ekamu enda-
weni ehlanzekile lapho kuchi-
thwa khona umlotha,* alishise
phezu kwezinkuni emlilweni.[h]
Kufanele lishiswe lapho kuchi-
thwa khona umlotha.
**13** "'Manje uma yonke inhla-
ngano ka-Israyeli inecala ngo-
kwenza isono ngephutha,[i] ko-
dwa ibandla lingaqapheli uku-
thi lenze into uJehova aya-
le ukuba lingayenzi,[j] **14** bese
leso sono saziwa, ibandla ku-
mele lilethe ithole leduna libe
umnikelo wesono, lililethe pha-
mbi kwetende lokuhlangana.
**15** Amadoda amadala enhla-
ngano azobeka izandla zawo
enhloko yeduna phambi kuka-
Jehova futhi leli duna lizohla-
tshwa phambi kukaJehova.
**16** "'Umpristi ogcotshiwe
uzoletha elinye igazi lale-
li duna etendeni lokuhlanga-
na. **17** Umpristi uzogcobhoza
umunwe wakhe egazini afafaze
elinye lalo kasikhombisa pha-
mbi kukaJehova phambi kwe-
khethini.[a] **18** Uzobe esebheca
elinye laleli gazi ezimpondwe-
ni ze-altare[b] eliphambi kukaJe-
hova, elisetendeni lokuhlanga-
na; elisele uzolithululela pha-
nsi e-altare lomnikelo oshiswa-
yo, elisemnyango wetende lo-
kuhlangana.[c] **19** Uzosusa wo-
nke amafutha alo, awashunqi-
se e-altare.[d] **20** Kufanele enze
kuleli duna njengoba nje enzi-
le kwelinye iduna lomnikelo
wesono. Yileyo ndlela azokwe-
nza ngayo, umpristi uzobenze-
la isihlawulelo,[e] bathethelelwe.
**21** Uzoyala ukuba liyiswe nga-
phandle kwekamu bese elishi-
sa, njengoba nje eshise iduna
lokuqala.[f] Lingumnikelo weso-
no webandla.[g]
**22** "'Lapho isikhulu[h] sona si-
ngahlosile ngokwenza okuko-
dwa kuzo zonke izinto uJehova
uNkulunkulu waso ayala ukuba
zingenziwa futhi siba necala,
**23** noma uma siqaphela ukuthi
senze isono ngokwenza oku-
phambene nomyalo, kumele si-
lethe izinyane lembuzi eliyidu-
na eliphile kahle, libe umnike-
lo waso. **24** Sizobeka isandla
saso enhloko yezinyane lembu-
zi silihlabe lapho kuhlatshe-
lwa khona umnikelo oshiswa-
yo phambi kukaJehova.[i] Lingu-
mnikelo wesono. **25** Umpristi

---

**4:12** *Noma, "umlotha onamafutha," okuwukuthi, umlotha onamafutha emihlatshelo.

ISAHL. 4
a Lev 8:15, 16
b Lev 16:14, 19
c Eks 30:10
d Lev 5:9
e Lev 9:8, 10
f Lev 3:3, 4
g Eks 29:14
h Lev 8:14, 17; Heb 13:11
i Jos 7:11
j Num 15:22-24

Uhla 2
a Eks 26:31; Eks 40:21; Heb 10:19, 20
b Eks 30:1, 6
c Eks 27:1; Eks 40:6
d Lev 3:16
e Eks 32:30; Lev 16:17; Num 15:25; Efe 1:7; Heb 2:17
f Lev 4:11, 12
g Lev 16:15; 1Jo 2:1, 2
h Eks 18:21
i Lev 1:10, 11; Lev 6:25; Lev 7:2

uzogcobhoza umunwe wakhe
egazini lomnikelo wesono ali-
bhece ezimpondweni[a] ze-altare
lomnikelo oshiswayo, lonke eli-
nye igazi uzolithululela phansi
e-altare lomnikelo oshiswayo.[b]
**26** Uzoshunqisa wonke ama-
futha awo e-altare njengama-
futha omhlatshelo ohlanganye-
lwayo;[c] umpristi uzosenzela isi-
hlawulelo ngenxa yesono saso
futhi sizothethelelwa.

**27** "'Uma noma ubani* ku-
bantu bezwe ona engahlosi-
le bese eba necala ngokwe-
nza okukodwa ezintweni uJe-
hova ayala ukuba zingenziwa,[d]
**28** noma uma eqaphela uku-
thi wenze isono, kufanele ale-
the izinyane lembuzi yensika-
zi eliphile kahle, libe umni-
kelo wakhe ngenxa yesono
asenzile. **29** Uzobeka isandla
sakhe enhloko yomnikelo we-
sono, ahlabe umnikelo weso-
no endaweni efanayo neyo-
mnikelo oshiswayo.[e] **30** Um-
pristi uzogcobhoza umunwe
wakhe egazini lawo alibhe-
ce ezimpondweni ze-altare lo-
mnikelo oshiswayo, lonke eli-
nye igazi uzolithululela phansi
e-altare.[f] **31** Uzosusa wonke
amafutha awo,[g] njengoba nje
kususwa amafutha emhlatshe-
lweni ohlanganyelwayo,[h] um-
pristi uzowushunqisa e-altare
njengephunga elimnandi* ku-
Jehova; umpristi uzomenzela
isihlawulelo futhi uzothethele-
lwa.

**32** "'Kodwa uma enikela
ngewundlu njengomnikelo we-
sono, kufanele alethe iwu-
ndlu lensikazi eliphile kahle.
**33** Uzobeka isandla sakhe
enhloko yomnikelo wesono,
awuhlabe njengomnikelo weso-
no lapho kuhlatshwa khona
umnikelo oshiswayo.[a] **34** Um-
pristi uzogcobhoza umunwe
wakhe egazini lomnikelo weso-
no alibhece ezimpondweni ze-
altare lomnikelo oshiswayo,[b]
lonke elinye igazi uzolithulule-
la phansi e-altare. **35** Uzosu-
sa wonke amafutha awo nge-
ndlela asuswa ngayo amafu-
tha ewundlu leduna lomhla-
tshelo ohlanganyelwayo, um-
pristi uzowashunqisa e-alta-
re phezu kweminikelo kaJeho-
va eshiswa emlilweni;[c] umpristi
uzomenzela isihlawulelo nge-
nxa yesono asenzile futhi uzo-
thethelelwa.[d]

**5** "'Uma umuntu ebone othi-
le enza isono noma ezwile
ngaso, ungufakazi. Uma engasi-
biki ngemva kokuba esezwe isi-
memezelo sasobala sokufaka-
za*[e] ngokumelene nomenzi wo-
bubi, lokho kuyisono. Kumele
aphendule ngesiphambeko sa-
khe.

**2** "'Noma lapho umuntu
ethinta noma yini engcolile,
kungakhathaliseki ukuthi isidu-
mbu sesilwane sasendle esi-
ngcolile, sesilwane esifuywa-
yo esingcolile, noma sezilwane
ezincane ezibhuzayo ezingcoli-
le,[f] lowo muntu ungcolile fu-
thi unecala ngisho noma enga-
kuqapheli lokho. **3** Noma uma
kwenzeka othile ethinta uku-
ngcola komuntu enganaki-
le[g]—noma yini engcolile engase
imngcolise—bese azi ngakho,
usenecala.

**4** "'Noma uma othile efu-
nga ukwenza okuthile ngoku-
xhamazela—kungakhathalise-
ki ukuthi uzokwenza okuhle

---

**ISAHL. 4**

*a* Lev 9:8, 9; Lev 16:18; Heb 9:22
*b* Lev 8:15
*c* Lev 3:3-5
*d* Num 15:27-29
*e* Lev 1:10, 11; Lev 6:25
*f* Lev 4:25; Lev 8:15; Lev 9:8, 9; Heb 9:22
*g* Lev 3:16
*h* Lev 3:3, 4

**Uhla 2**

*a* Lev 1:10, 11
*b* Lev 4:25; Lev 16:18
*c* Eks 29:13, 14; Lev 3:3, 4; Lev 6:12; Lev 9:8, 10
*d* Num 15:28; 1Jo 1:7; 1Jo 2:1, 2

**ISAHL. 5**

*e* IzA 29:24
*f* Lev 11:21-24; Lev 17:15; Dut 14:8
*g* Lev 12:2; Lev 13:3; Lev 15:3; Num 19:11

---

**4:27** *Noma, "noma imuphi umphefumulo." **4:31** *Noma, "elanelisayo; elizolisayo." NgesiHebheru, "elizolile."

**5:1** *NgesiHebheru, "izwi lesiqalekiso (lesifungo)." Kungenzeka isimemezelo esiphathelene nobubi obababuhilela ukuqalekisa umenzi wobubi noma ufakazi uma ehlulekile ukufakaza.

noma okubi, kungakhathalise-
ki ukuthi kuyini—futhi ebenga-
kuqapheli, kodwa bese ebona
ukuthi ufunge ngokuxhamaze-
la, usenecala.*[a]
5 "'Uma eba necala ngo-
kuqondene nenye yalezi zi-
nto, kumele avume[b] isono sa-
khe. 6 Uzoletha umnikelo wa-
khe wecala kuJehova nge-
nxa yesono asenzile,[c] okungu-
kuthi, insikazi yomhlambi, ku-
ngaba iwundlu lensikazi noma
izinyane lembuzi eliyinsikazi,
kube umnikelo wesono. Nge-
mva kwalokho umpristi uzome-
nzela isihlawulelo ngenxa yeso-
no sakhe.
7 "'Nokho, uma imvu inga-
phezu kwamandla akhe, ku-
mele alethe kuJehova amaho-
bhe amabili noma amaphuphu
amabili amajuba[d] abe umnikelo
wakhe wecala ngesono asenzi-
le, elinye kube elomnikelo we-
sono elinye kube elomnikelo
oshiswayo.[e] 8 Kufanele awa-
lethe kumpristi, ozoqale atha-
the elomnikelo wesono futhi
alivule inxeba maphambili ne-
ntamo yalo, ngaphandle koku-
linquma ikhanda. 9 Uzofafaza
elinye legazi lomnikelo weso-
no ohlangothini lwe-altare, ko-
dwa igazi elisele liyokophise-
lwa phansi e-altare.[f] Lingumni-
kelo wesono. 10 Elinye uzole-
nza umnikelo oshiswayo ngo-
kwenqubo evamile;[g] umpristi
uzomenzela isihlawulelo nge-
nxa yesono asenzile futhi sizo-
thethelelwa.[h]
11 "'Uma engenawo ama-
ndla amahobhe amabili noma
amaphuphu amabili amaju-
ba, kumele alethe okweshu-
mi kwe-efa*[i] likafulawa ocole-
kile ngenxa yesono sakhe,
kube umnikelo wesono. Aku-
fanele athele amafutha kuwo
noma afake inhlaka yempepho
kuwo ngoba ungumnikelo we-
sono. 12 Uzowuletha kumpri-
sti, umpristi uzocaphuna kuwo
ngesandla sakhe njengomelela
wonke umnikelo,* awushunqi-
se e-altare phezu kweminike-
lo kaJehova eshiswa emli-
lweni. Ungumnikelo wesono.
13 Umpristi uzomenzela isihla-
wulelo ngenxa yesono asenzi-
le, noma isiphi salezi zono sizo-
thethelelwa.[a] Okusele komnike-
lo kuzoba okompristi[b] njengo-
ba kunjalo ngomnikelo woku-
dla okusanhlamvu.'"[c]
14 UJehova waqhubeka
ekhuluma noMose, ethi:
15 "Uma othile eziphatha ngo-
kungathembeki ngokona izinto
ezingcwele zikaJehova enga-
hlosile,[d] kufanele alethe kuJe-
hova inqama ephile kahle yom-
hlambi wezimvu ibe umnike-
lo wecala;[e] inani lawo la-
mashekeli* esiliva linqunywe
ngokweshekeli elivamile lenda-
wo engcwele.#[f] 16 Uzokhipha
isinxephezelo ngenxa yesono
asenze ngokumelene nendawo
engcwele futhi uzokwenezela
okwesihlanu kwenani laso.[g]
Uzosinika umpristi ukuze um-
pristi amenzele isihlawulelo[h]
ngenqama yomnikelo wecala,
futhi sizothethelelwa.[i]
17 "Uma othile ona ngokwe-
nza noma yini ezintweni uJe-
hova ayala ukuba zingenzi-
wa, ngisho noma engazi, une-
cala futhi uzophendula nge-
sono sakhe.[j] 18 Kufanele ale-
the kumpristi inqama ephi-
le kahle ethathwe emhlanji-
ni wezimvu ngokuvumelana

**ISAHL. 5**
a Mat 5:33
b Num 5:7; Hu 32:5; IzA 28:13; 1Jo 1:9
c Lev 7:1; Lev 14:2, 12; Lev 19:20, 21; Num 6:12
d Luk 2:24
e Lev 12:7, 8; Lev 14:21, 22; Lev 15:13-15
f Lev 1:4, 5; Lev 7:2; Heb 9:22
g Lev 1:15-17
h Lev 6:7
i Eks 16:36

**Uhla 2**
a Lev 4:26
b Lev 2:10; Lev 7:1, 6
c Lev 6:14-16; 1Ko 9:13
d Lev 10:17, 18
e Lev 6:6
f Eks 30:13; Lev 27:25
g Lev 6:4, 5; Lev 22:14; Num 5:6, 7
h Eks 32:30
i Lev 6:7; Lev 19:22
j Lev 5:2

**5:4** *Kubonakala kusho ukuthi akasifezi isifungo sakhe. **5:11** *Okweshumi kwe-efa kwakulingana no-2,2 L. Bheka iSithasiselo B14.

**5:12** *Noma, "njengengxenye eyisikhumbuzo sawo." **5:15** *Ishekeli lalilingana no-11,4 g. Bheka iSithasiselo B14. #Noma, "ngeshekeli elingcwele."

nenani elilinganisiwe ukuze ibe umnikelo wecala.[a] Umpristi uzobe esemenzela isihlawulelo ngenxa yephutha alenze engahlosile futhi engazi futhi uzothethelelwa. **19** Kungumnikelo wecala. Nakanjani lowo unecala lokona kuJehova."

**6** UJehova waqhubeka wathi kuMose: **2** "Uma othile ona futhi aziphathe ngokungathembeki kuJehova[b] ngokukhohlisa umakhelwane wakhe ngokuphathelene nento aphathiswe yona,[c] noma into abanjiswe yona, noma ephamba futhi entshontshela umakhelwane wakhe, **3** noma ethola into elahlekile bese eqamba amanga ngayo futhi uma efunga amanga nganoma yisiphi isono angase asenze,[d] yilokhu okufanele akwenze: **4** Uma onile futhi enecala, kumele abuyisele leyo nto ayintshontshile, ayiphangile, ayithathe ngobuqili, ayephathiswe yona, noma into elahlekile ayitholile, **5** noma ngabe yini afunge amanga ngayo, kumele akhiphe isinxephezelo esiphelele sayo[e] futhi uyokwenezela kuso okwesihlanu kwenani layo. Uyosinikeza umnikazi wayo ngosuku okutholakala ngalo ukuthi unecala. **6** Uyoletha kumpristi inqama ephile kahle yomhlambi wezimvu njengomnikelo wakhe wecala oya kuJehova ngokwenani elinqunyiwe, ibe umnikelo wecala.[f] **7** Umpristi uzomenzela isihlawulelo phambi kukaJehova, bese ethethelelwa kunoma yini ayenzile emenze waba necala."[g]

**8** UJehova waqhubeka ekhuluma noMose, ethi: **9** "Yala u-Aroni namadodana akhe, uthi, 'Lona umthetho womnikelo oshiswayo:[h] Umnikelo oshiswayo uzoba seziko eliphezu kwe-altare ubusuku bonke kuze kube sekuseni, futhi umlilo uzolokhu uvutha e-altare. **10** Umpristi uzogqoka ingubo yakhe yelineni,[a] agqoke nezikhindi zangaphansi* zelineni[b] amboze umzimba wakhe. Uzobe esesusa umlotha#[c] womnikelo oshiswayo oshiswe umlilo e-altare awubeke eceleni kwealtare. **11** Ngemva kwalokho uzokhumula izingubo zakhe[d] agqoke ezinye izingubo bese ethatha umlotha awuyise endaweni ehlanzekile ngaphandle kwekamu.[e] **12** Umlilo uzogcinwa uvutha phezu kwe-altare. Akumele ucime. Umpristi kumele abase izinkuni[f] kuwo njalo ekuseni, ahlele umnikelo oshiswayo phezu kwawo futhi uzoshunqisa amafutha eminikelo ehlanganyelwayo.[g] **13** Umlilo uzogcinwa uvutha njalo phezu kwe-altare. Akumele ucime.

**14** "'Yilo umthetho womnikelo wokudla okusanhlamvu:[h] Nina madodana ka-Aroni kufanele niwulethe phambi kukaJehova phambi kwe-altare. **15** Omunye wawo kumele acaphune ngesandla ufulawa ocolekile womnikelo wokudla okusanhlamvu namanye amafutha awo nayo yonke inhlaka yempepho esemnikelweni wokudla okusanhlamvu, akushunqise phezu kwe-altare njengomnikelo oyiphunga elimnandi* omelela wonke umnikelo# kuJehova.[i] **16** Okusele kuwo kuzodliwa u-Aroni namadodana akhe.[j] Kuzodliwa njenge-

ISAHL. 5
- a Lev 6:6

ISAHL. 6
- b Num 5:6
- c Eks 22:7; Lev 19:11
- d Eks 22:10, 11; Lev 19:12; Efe 4:25; Kol 3:9
- e Lev 5:15, 16; Num 5:6, 7
- f Lev 5:15; Lev 7:1; Isay 53:10
- g Lev 5:18
- h Eks 29:38-42; Num 28:3; Heb 10:11

Uhla 2
- a Eks 28:39; Lev 16:32; Hez 44:17
- b Eks 28:42; Eks 39:27, 28
- c Eks 27:3; Lev 1:16
- d Lev 16:23; Hez 44:19
- e Lev 4:3, 12
- f Lev 1:7; Neh 13:30, 31
- g Lev 3:5, 16
- h Lev 2:1; Num 15:3, 4
- i Lev 2:2, 9; Lev 5:11, 12
- j Lev 2:3; Lev 5:13; Hez 44:29; 1Ko 9:13

**6:10** *Noma, "izingubo zangaphansi." #Noma, "umlotha onamafutha," okuwukuthi, umlotha onamafutha emihlatshelo. **6:15** *Noma, "elanelisayo; elizolisayo." NgesiHebheru, "elizolile." #Noma, "njengengxenye eyisikhumbuzo sawo."

sinkwa esingenamvubelo endaweni engcwele. Bazokudlela egcekeni letende lokuhlangana.[a] **17** Akufanele kubhakwe nganoma yini enemvubelo.[b] Ngibanike kona njengengxenye yabo evela eminikelweni yami eshiswa emlilweni.[c] Kuyinto engcwelengcwele,[d] njengomnikelo wesono nanjengomnikelo wecala. **18** Bonke abesilisa kubantwana baka-Aroni bazokudla.[e] Kuyingxenye yabo yaphakade evela eminikelweni kaJehova eshiswa emlilweni kuzo zonke izizukulwane zenu.[f] Konke okuyithintayo* kuzoba ngcwele.'"

**19** UJehova waphinde wakhuluma noMose, wathi: **20** "Lona umnikelo u-Aroni namadodana akhe abazowuletha kuJehova ngosuku lokugcotshwa kwakhe:[g] okweshumi kwe-efa*[h] likafulawa ocolekile njengomnikelo wokudla okusanhlamvu owenziwa njalo,[i] uhhafu wako ekuseni nohhafu wako kusihlwa. **21** Uzokwenziwa ngamafutha esigazingweni.[j] Uzowuletha uxovwe kahle ngamafutha bese uwuletha uyizingcezu njengento ebhakiwe yomnikelo wokudla okusanhlamvu njengephunga elimnandi* kuJehova. **22** Uzokwenziwa umpristi ogcotshiwe ozongena esikhundleni sakhe emadodaneni akhe.[k] Kungumthetho waphakade: Uzoshunqiselwa uJehova njengomnikelo ophelele. **23** Wonke umnikelo wokudla okusanhlamvu wompristi kufanele ube umnikelo ophelele. Akumele udliwe."

**24** UJehova waphinde wakhuluma noMose wathi: **25** "Tshela u-Aroni namadodana akhe, uthi, 'Lona umthetho womnikelo wesono:[a] Endaweni okuhlatshelwa kuyo umnikelo oshiswayo,[b] umnikelo wesono nawo uzohlatshelwa kuyo phambi kukaJehova. Uyinto engcwelengcwele. **26** Uzodliwa umpristi owunikelayo ngenxa yesono.[c] Uzodlelwa endaweni engcwele egcekeni letende lokuhlangana.[d]

**27** "'Konke okuthinta inyama yawo kuzoba ngcwele futhi uma noma ubani echaphazelwa yigazi lawo engutsheni, kufanele uwashe lokho okuchaphazelwe igazi endaweni engcwele. **28** Isitsha sobumba obiliselwe kuso kufanele siphihlizwe. Kodwa uma ubiliselwe esitsheni sethusi, kumele sikhuhlwe futhi sigezwe ngamanzi.

**29** "'Bonke abesilisa phakathi kwabapristi bazowudla.[e] Uyinto engcwelengcwele.[f] **30** Nokho, awukho umnikelo wesono okufanele udliwe uma igazi lawo lilethwe etendeni lokuhlangana ukuze kwenziwe isihlawulelo endaweni engcwele.[g] Kufanele ushiswe ngomlilo.

**7** "'Nawu umthetho womnikelo wecala:[h] Uyinto engcwelengcwele. **2** Umnikelo wecala bazowuhlabela endaweni lapho behlabela khona iminikelo eshiswayo, igazi lawo[i] kufanele lifafazwe nxazonke ze-altare.[j] **3** Uzoletha wonke amafutha awo,[k] kuhlanganise nomsila onamafutha nomhlwehlwe omboze amathumbu, **4** nezinso zombili eziseduze kwezinkalo namanoni akuzo. Uzosusa namafutha asesibindini kanye nezinso.[l] **5** Umpristi uzokushunqisa e-altare njengomnikelo oya kuJehova, oshiswa

---

**6:18** *Noma, "okuthinta iminikelo."
**6:20** *Okweshumi kwe-efa kwakulingana no-2,2 L. Bheka iSithasiselo B14.
**6:21** *Noma, "elanelisayo; elizolisayo." NgesiHebheru, "elizolile."

ISAHL. 6
- *a* Lev 10:12
- *b* Lev 2:11
- *c* Num 18:9
- *d* Lev 2:3, 10
- *e* Num 18:10
- *f* Lev 24:8, 9
- *g* Eks 30:30; Heb 5:1
- *h* Eks 16:36
- *i* Eks 29:1, 2; Eks 29:40, 41; Lev 2:1; Lev 9:17; Num 28:4, 5
- *j* Lev 2:5; Lev 7:9; 1Kr 23:29
- *k* Dut 10:6

Uhla 2
- *a* Lev 4:3
- *b* Lev 1:3, 11
- *c* Lev 10:17; Num 18:9; Hez 44:29
- *d* Eks 27:9; Lev 6:14, 16; Hez 42:13
- *e* Lev 6:14, 18; Lev 21:21, 22; Num 18:10
- *f* Lev 6:25
- *g* Lev 4:5; Lev 10:18; Lev 16:27; Heb 13:11

ISAHL. 7
- *h* Lev 5:6; Lev 6:6; Lev 14:2, 12; Lev 19:20, 21; Num 6:12
- *i* Heb 9:22
- *j* Lev 3:1, 2; Lev 5:9
- *k* Eks 29:13, 14; Lev 3:9, 17; Lev 4:8, 9; Lev 8:18, 20
- *l* Lev 3:3, 4

emlilweni.[a] Kungumnikelo we-
cala. **6** Bonke abesilisa pha-
kathi kwabapristi bazowu-
dla,[b] kufanele udlelwe endawe-
ni engcwele. Uyinto engcwe-
lengcwele.[c] **7** Umthetho opha-
thelene nomnikelo wesono use-
benza nasemnikelweni wecala;
ungowompristi owenza isihla-
wulelo ngawo.[d]
**8** "'Lapho umpristi eletha
umnikelo oshiswayo womuntu
othile, isikhumba[e] somnike-
lo oshiswayo olethwe kumpri-
sti siyoba esakhe.
**9** "'Wonke umnikelo woku-
dla okusanhlamvu obhakwe ku-
hhavini noma owenziwe ngepa-
ni noma ngesigazingo,[f] ungo-
wompristi owulethayo. Uzoba
ngowakhe.[g] **10** Kodwa wonke
umnikelo wokudla okusanhla-
mvu oxutshwe namafutha[h]
noma owomile[i] uzoba ngowa-
wo wonke amadodana ka-Aro-
ni; azothola okulinganayo.
**11** "'Nawu umthetho wom-
hlatshelo ohlanganyelwayo[j]
umuntu angawuletha kuJeho-
va: **12** Uma ewuletha ngenjo-
ngo yokubonisa ukubonga,[k]
uzoletha umhlatshelo wokubo-
nga kanye nolofu bezi-
nkwa abamise okwesongo aba-
xutshwe namafutha, nezingce-
zwana ezingenamvubelo ezi-
gcotshwe ngamafutha, olofu
bezinkwa abamise okwesongo
abenziwe ngofulawa ocoleki-
le waxovwa kahle ngamafutha.
**13** Uzoletha umnikelo wakhe
kanye nolofu bezinkwa ezi-
nemvubelo abamise okweso-
ngo nomhlatshelo wokubonga
wemihlatshelo yakhe ehlanga-
nyelwayo. **14** Kuwo kufanele
alethe isinkwa sohlobo nga-
lunye njengomnikelo ongcwe-
le kuJehova; uzoba owompri-
sti ofafaza igazi lemihlatshelo
ehlanganyelwayo.[l] **15** Inyama
yomhlatshelo wokubonga ye-
mihlatshelo yakhe ehlanganye-
lwayo kufanele idliwe ngosuku
awuletha ngalo. Akumele kube
khona ayigcina kuze kube se-
kuseni.[a]
**16** "'Uma umhlatshelo wo-
mnikelo wakhe uyisifungo[b]
noma ungumnikelo wokuzitha-
ndela,[c] kufanele udliwe ngosu-
ku aletha ngalo umhlatshelo
wakhe, futhi okusele kungase
kudliwe nangosuku olula-
ndelayo. **17** Kodwa noma iyi-
phi inyama yomhlatshelo ese-
le ngosuku lwesithathu kufane-
le ishiswe ngomlilo.[d] **18** No-
kho, uma noma iyiphi yenyama
yomhlatshelo wakhe ohlanga-
nyelwayo idliwa ngosuku lwesi-
thathu, oyilethayo ngeke amu-
keleke. Ngeke imsize; iyinto
enengekayo futhi umuntu odla
enye yayo uyophendula ngesi-
phambeko sakhe.[e] **19** Inyama
ethinta noma yini engcolile
akufanele idliwe. Kufanele ishi-
swe ngomlilo. Wonke umuntu
ohlanzekile angayidla inyama
ehlanzekile.
**20** "'Kodwa noma yimuphi
umuntu ongcolile odla inya-
ma yomhlatshelo ohlanganye-
lwayo, ongokaJehova, lowo
muntu kumele abulawe.*[f]
**21** Uma umuntu ethinta noma
yini engcolile, kungakhathali-
seki ukuthi ukungcola komu-
ntu[g] noma isilwane esingcolile[h]
noma iyiphi into enyanyekayo
engcolile,[i] futhi adle enye ye-
nyama yomhlatshelo ohlanga-
nyelwayo, ongokaJehova, lowo
muntu kumele abulawe.'"*
**22** UJehova waqhubeka
ekhuluma noMose, ethi:
**23** "Tshela ama-Israyeli, 'Aku-
mele nidle noma imaphi ama-

ISAHL. 7
a Lev 3:14-16
b Lev 5:13; Lev 6:14, 16; Num 18:9
c Lev 2:3
d Lev 6:25, 26; Lev 14:13
e Eks 29:14; Lev 1:6
f Lev 6:20, 21; 1Kr 23:29
g Lev 2:3-7; Num 18:9; 1Ko 9:13
h Lev 14:21
i Lev 5:11; Num 5:15
j Lev 3:1; Lev 7:20; Lev 22:21; 1Ko 10:16
k Lev 22:29; 2Kr 29:31
l Lev 6:25, 26; Lev 10:14; Num 18:8

Uhla 2
a Lev 22:29, 30
b Lev 22:21
c Lev 22:23; Dut 12:5, 6
d Lev 19:5, 6
e Lev 19:7, 8
f Num 19:20
g Lev 12:2, 4
h Lev 11:21-24; Dut 14:7
i Lev 11:10; Dut 14:10

**7:20, 21** *Noma, "anqunywe kubantu bakubo."

noni[a] enkunzi noma ewu-
ndlu leduna noma embuzi.
**24** Amanoni esilwane esifile
namanoni esilwane esibula-
we esinye isilwane angase-
tshenziselwa noma yini enye,
kodwa ningalokothi niwadle.[b]
**25** Ngoba noma ubani odla
amanoni esilwane asiletha nje-
ngomnikelo oshiswa emlilwe-
ni oya kuJehova kumele abu-
lawe.*

**26** "'Akumele nidle noma yi-
liphi igazi[c] nomaphi lapho
nihlala khona, kungakhathali-
seki ukuthi elezinyoni noma
elezilwane. **27** Umuntu* odla
noma yiliphi igazi kumele abu-
lawe.'"*[d]

**28** UJehova wakhuluma no-
Mose, wathi: **29** "Tshela ama-
Israyeli, uthi, 'Noma ubani ole-
tha umhlatshelo wakhe ohla-
nganyelwayo kuJehova uzole-
tha kuJehova ingxenye yo-
mnikelo, ewuthatha emhlatshe-
lweni wakhe ohlanganyelwayo.[e]
**30** Uzoletha ngezandla zakhe
amanoni[f] nesifuba kube umni-
kelo oshiswa emlilweni kuJe-
hova, futhi uzowuzulisa nje-
ngomnikelo ozuliswayo[g] pha-
mbi kukaJehova. **31** Umpristi
uzoshunqisa amafutha phezu
kwe-altare,[h] kodwa isifuba si-
zoba esika-Aroni namadodana
akhe.[i]

**32** "'Nizonika umpristi umle-
nze wesokudla njengomnikelo
ongcwele ovela emihlatshe-
lweni yenu ehlanganyelwayo.[j]
**33** Indodana ka-Aroni eletha
igazi lemihlatshelo ehlanganye-
lwayo namanoni izothola umle-
nze wesokudla njengomnike-
lo wayo.[k] **34** Ngoba ngithatha
isifuba somnikelo ozuliswayo
nomlenze womnikelo ongcwe-
le emihlatshelweni ehlanganye-
lwayo yama-Israyeli, ngikunika
u-Aroni umpristi namadodana
akhe njengomthetho waphaka-
de kuma-Israyeli.[a]

**35** "'Lokhu kwakuwumnike-
lo ovela eminikelweni kaJeho-
va eshiswa emlilweni okwaku-
fanele ubekelwe eceleni ukuze
ube owabapristi, u-Aroni nama-
dodana akhe, ngosuku abami-
sa ngalo ukuba babe abapristi
kuJehova.[b] **36** UJehova waya-
la ukuba banikwe lo mnikelo
ovela kuma-Israyeli ngosuku
abagcoba ngalo.[c] Kuwumthe-
tho waphakade ezizukulwaneni
zabo.'"

**37** Lona umthetho opha-
thelene nomnikelo oshiswa-
yo,[d] umnikelo wokudla oku-
sanhlamvu,[e] umnikelo weso-
no,[f] umnikelo wecala,[g] um-
hlatshelo wokumiswa kompri-
sti[h] nomhlatshelo ohlanganye-
lwayo,[i] **38** njengoba nje uJe-
hova ayala uMose eNtabeni iSi-
nayi[j] ngosuku ayala ngalo ama-
Israyeli ukuba alethe iminikelo
yawo kuJehova ehlane laseSi-
nayi.[k]

**8** UJehova waqhubeka ekhu-
luma noMose, ethi: **2** "Tha-
tha u-Aroni kanye namadodana
akhe,[l] izingubo,[m] amafutha oku-
gcoba,[n] inkunzi yomnikelo we-
sono, izinqama ezimbili nobha-
sikidi wesinkwa esingenamvu-
belo,[o] **3** uqoqele ndawonye yo-
nke inhlangano emnyango wete-
nde lokuhlangana."

**4** UMose wenza njengoba
nje uJehova ayemyalile,
inhlangano yaqoqana ndawo-
nye emnyango wetende lo-
kuhlangana. **5** UMose wathi
enhlanganweni: "Yilokhu uJe-
hova asiyale ukuba sikwenze."
**6** UMose wasondeza u-Aroni
namadodana akhe wabageza

ISAHL. 7
a Lev 3:16, 17; Lev 4:8-10; 1Sa 2:16, 17
b Eks 22:31; Lev 17:15
c Gen 9:4; Lev 3:17; Lev 17:10; Dut 12:16; 1Sa 14:33; IzE 15:20, 29
d Lev 17:14
e Lev 3:1
f Lev 3:3
g Eks 29:24; Lev 8:25-27; Lev 9:21
h Lev 3:3-5
i Lev 8:29
j Eks 29:27, 28; Lev 10:14; Num 6:20
k Dut 18:3

Uhla 2
a Lev 10:14
b Eks 28:1; Eks 29:4, 7; Eks 40:13
c Eks 40:15; Lev 8:12
d Lev 6:9
e Lev 2:1; Lev 6:14
f Lev 6:25
g Lev 5:6; Lev 7:1
h Eks 29:1; Lev 6:20
i Lev 3:1
j Eks 34:27
k Lev 1:2

ISAHL. 8
l Eks 28:1
m Eks 28:4; Eks 39:33, 41
n Eks 30:23-25; Eks 40:15
o Eks 29:1, 2

**7:25, 27** *Noma, "anqunywe kubantu bakubo." **7:27** #Noma, "Umphefumulo."

ngamanzi.[a] **7** Ngemva kwalokho wamgqokisa ingubo,[b] wambhincisa ibhande lendwangu,*[c] wamgqokisa ijazi elingenamikhono,[d] wamfaka i-efodi[e] wambhincisa nebhande elilukiwe[f] le-efodi walibopha laqina. **8** Wabe esemfaka isiqephu sesifuba[g] wafaka esiqeshini sesifuba i-Urimi neThumimi.[h] **9** Wamthwesa iduku lokushuqula,[i] wabeka ngaphambi kweduku lokushuqula ucwecwe olucwebezelayo lwegolide, uphawu olungcwele lokuzinikezela,*[j] njengoba nje uJehova ayemyalile uMose.

**10** UMose wabe esethatha amafutha okugcoba wagcoba itabernakele nakho konke okwakukulo,[k] wakungcwelisa. **11** Ngemva kwalokho wafafaza amanye awo e-altare kasikhombisa, wagcoba i-altare nazo zonke izinto zalo nendishi nento ehlala kuyo ukuze akungcwelise. **12** Ekugcineni wathela amanye amafutha okugcoba ekhanda lika-Aroni, wamgcoba ukuze amngcwelise.[l]

**13** UMose wayesesondeza amadodana ka-Aroni wawagqokisa izingubo, wawabhincisa amabhande endwangu, wawashuqulisa,[m] njengoba nje uJehova ayemyalile uMose.

**14** Wabe eseletha inkunzi yomnikelo wesono, u-Aroni namadodana akhe babeka izandla zabo enhloko yenkunzi yomnikelo wesono.[n] **15** UMose wayihlaba, wathatha igazi[o] ngomunwe walibheca ezimpondweni nxazonke ze-altare, wahlanza i-altare esonweni, kodwa lonke elinye igazi walithululela phansi e-altare ukuze alingcwelisele ukwenza isihlawulelo kulo. **16** Ngemva kwalokho, wathatha wonke amanoni asemathunjini, amafutha asesibindini, nezinso zombili namanoni azo, uMose wakushunqisa e-altare.[a] **17** Wayala ukuba ingxenye esele yenkunzi, isikhumba sayo, inyama yayo nomswani wayo kushiswe ngomlilo ngaphandle kwekamu,[b] njengoba nje uJehova ayemyalile uMose.

**18** Wabe esesondeza inqama yomnikelo oshiswayo, u-Aroni namadodana akhe babeka izandla zabo enhloko yenqama.[c] **19** Ngemva kwalokho uMose wayihlaba, wafafaza igazi nxazonke ze-altare. **20** Wayihlahlela inqama ngokwezingxenye zayo, uMose washunqisa inhloko nalezi zingxenye nomhlwehlwe.* **21** Amathumbu namanqina wawageza ngamanzi, wayeseyishunqisa yonke le nqama e-altare. Yayingumnikelo oshiswayo oyiphunga elimnandi.* Yayingumnikelo oshiswa emlilweni oya kuJehova, njengoba nje uJehova ayemyalile uMose.

**22** Wabe eseletha inqama yesibili, inqama yokumiswa kompristi,[d] u-Aroni namadodana akhe babeka izandla zabo enhloko yale nqama.[e] **23** UMose wayihlaba, wathatha elinye igazi layo waligcoba endlebeni ka-Aroni yesokudla nasesithupheni sesandla sakhe sokudla nakubhozo wonyawo lwakhe lwesokudla. **24** Ngemva kwalokho uMose waletha amadodana ka-Aroni wagcoba elinye igazi ezindlebeni zawo zesokudla nasezithupheni zezandla zawo zesokudla nakobhozo be-

ISAHL. 8

a Eks 29:4; Eks 40:12
b Eks 28:39
c Eks 39:27, 29
d Eks 39:22
e Eks 28:6; Eks 39:2
f Eks 28:8; Eks 29:5; Eks 39:20
g Eks 28:15; Eks 39:9
h Eks 28:30
i Eks 29:6; Eks 39:27, 28
j Eks 28:36; Eks 39:30
k Eks 30:26-28
l Eks 29:4, 7; Eks 30:30; Eks 40:13; Lev 21:10; Hu 133:2
m Eks 28:40; Eks 29:8, 9
n Eks 29:10-14; Lev 4:3, 4; Lev 16:6
o Heb 9:21, 22

Uhla 2

a Lev 4:8, 9
b Lev 4:11, 12; Lev 16:27
c Eks 29:15-18; Lev 1:4
d Lev 8:33
e Eks 29:19, 20

**8:7** *Noma, "ibhande lasokhalweni."
**8:9** *Noma, "umqhele ongcwele."
**8:20** *Noma, "namafutha azungeze izinso."
**8:21** *Noma, "elanelisayo; elizolisayo." NgesiHebheru, "elizolile."

zinyawo zawo zesokudla; kodwa
uMose wafafaza lonke elinye
igazi nxazonke ze-altare.[a]

**25** Wathatha amanoni, umsi-
la ononile, wonke amanoni ase-
mathunjini, amafutha asesibi-
ndini, izinso zombili namafu-
tha azo nomlenze wesoku-
dla.[b] **26** Wathatha kubhasiki-
di wesinkwa esingenamvube-
lo owawuphambi kukaJehova
ulofu owodwa wesinkwa omise
okwesongo,[c] ulofu owodwa we-
sinkwa omise okwesongo oxu-
tshwe namafutha,[d] nocezwa-
na olulodwa lwesinkwa. Wa-
yesekubeka phezu kwamaqa-
tha anonile nomlenze wesoku-
dla. **27** Ngemva kwalokho wa-
kubeka konke ezandleni zika-
Aroni nasezandleni zamado-
dana akhe, waqala ukukuzuli-
sa njengomnikelo ozuliswayo
phambi kukaJehova. **28** UMo-
se wabe esekuthatha ezandle-
ni zabo wakushunqisa e-alta-
re phezu komnikelo oshiswa-
yo. Kwakuwumhlatshelo woku-
miswa kompristi oyiphunga
elimnandi.* Kwakuwumnikelo
oya kuJehova oshiswa emli-
lweni.

**29** UMose wathatha isifuba
wasizulisa njengomnikelo ozu-
liswayo phambi kukaJehova.[e]
Kwaba esikaMose esivela emni-
kelweni wokumiswa kompristi,
njengoba nje uJehova ayemya-
lile uMose.[f]

**30** UMose wathatha amanye
amafutha okugcoba[g] nelinye
igazi elalise-altare walifafaza
ku-Aroni nasezingutsheni zakhe
nasemadodaneni akhe[h] nasezi-
ngutsheni zamadodana akhe.
Ngakho wamngcwelisa u-Aroni
nezingubo zakhe namadodana
akhe nezingubo zawo.[i]

**31** UMose wabe esethi ku-
Aroni namadodana akhe: "Bi-
lisani[a] inyama emnyango we-
tende lokuhlangana, nizoyidle-
la lapho nesinkwa esikubhasi-
kidi wokumiswa kompristi, nje-
ngoba nje ngayalwa, kwathiwa,
'U-Aroni namadodana akhe ba-
yokudla.'[b] **32** Inyama esele ne-
sinkwa nizokushisa ngomlilo.[c]
**33** Akumele niphume emnya-
ngo wetende lokuhlangana izi-
nsuku eziyisikhombisa, kuze
kuphele izinsuku zokumiswa
kwenu njengabapristi, ngoba
ukumiswa kwenu njengabapri-
sti kuzothatha izinsuku eziyisi-
khombisa.[d] **34** UJehova waya-
la ukuba senze lokhu esikwe-
nzile namhlanje ukuze nenze-
lwe isihlawulelo.[e] **35** Nizohla-
la emnyango wetende lokuhla-
ngana ubusuku nemini izinsu-
ku eziyisikhombisa,[f] nifeze isi-
bopho senu kuJehova,[g] ukuze
ningafi; ngoba ngiyalwe kanja-
lo."

**36** U-Aroni namadodana
akhe bazenza zonke izinto uJe-
hova ayeziyale ngoMose.

**9** Ngosuku luka-8,[h] uMose wa-
biza u-Aroni namadodana
akhe namadoda amadala akwa-
Israyeli. **2** Wathi ku-Aroni: "Zi-
thathele ithole lomnikelo we-
sono nenqama yomnikelo oshi-
swayo,[i] okuphile kahle, ukule-
the phambi kukaJehova. **3** Ko-
dwa uzothi kuma-Israyeli, 'Tha-
thani imbuzi yeduna yomni-
kelo wesono nethole newu-
ndlu leduna, ngakunye kube
nonyaka ubudala, kube okuphi-
le kahle, komnikelo oshiswayo,
**4** nenkunzi nenqama yemihla-
tshelo ehlanganyelwayo,[j] uku-
ze nikwenze umhlatshelo pha-
mbi kukaJehova, nomnikelo wo-
kudla okusanhlamvu[k] oxutshwe
namafutha, ngoba namhlanje
uJehova uzobonakala kini.'"[l]

---

**8:28** *Noma, "elanelisayo; elizolisayo." NgesiHebheru, "elizolile."

ISAHL. 8
a Eks 24:6
b Eks 29:22-25
c Lev 2:4
d Eks 29:1, 2
e Lev 7:29, 30
f Eks 29:26, 27; Lev 7:34, 35
g Eks 30:30
h Num 3:2, 3
i Eks 29:21

Uhla 2
a Lev 6:28
b Eks 29:31, 32; 1Ko 9:13
c Eks 29:34
d Eks 29:30, 35; Num 3:2, 3
e Eks 29:36; Lev 17:11
f Eks 29:37
g Num 1:53

ISAHL. 9
h Lev 8:35
i Lev 4:3
j Lev 3:1
k Lev 2:4; Lev 6:14
l Eks 29:43

**5** Ngakho bakuthatha lo-
kho uMose ayekuyalile pha-
mbi kwetende lokuhlangana. Yo-
nke inhlangano yabe isisonde-
la yama phambi kukaJehova.
**6** UMose wathi: “Yilokhu uJe-
hova ayale ukuba nikwenze uku-
ze inkazimulo kaJehova ibona-
kale kini.”[a] **7** UMose wabe ese-
thi ku-Aroni: “Sondela e-altare
ulethe umnikelo wakho weso-
no[b] nomnikelo wakho oshiswa-
yo, uzenzele isihlawulelo wena[c]
nendlu yakho; ulethe umnikelo
wabantu,[d] ubenzele isihlawule-
lo,[e] njengoba nje uJehova eyali-
le.”

**8** Ngokushesha u-Aroni wa-
sondela e-altare wahlaba itho-
le lomnikelo wakhe wesono.[f]
**9** Amadodana akhe aletha iga-
zi[g] kuye, wagcobhoza umunwe
egazini waligcoba ezimpondwe-
ni ze-altare, lonke elinye iga-
zi walithululela phansi e-alta-
re.[h] **10** Washunqisa amanoni
nezinso namafutha asesibindini
okuthathwe emnikelweni weso-
no e-altare, njengoba nje uJeho-
va ayemyalile uMose.[i] **11** Inya-
ma nesikhumba wakushisa ngo-
mlilo ngaphandle kwekamu.[j]

**12** U-Aroni wahlaba umni-
kelo oshiswayo, amadodana
akhe amnika igazi walifafaza
nxazonke ze-altare.[k] **13** Amni-
ka amaqatha omnikelo oshiswa-
yo kanye nenhloko, wakushunqi-
sa e-altare. **14** Ngaphezu kwa-
lokho, wageza amathumbu na-
manqina wakushunqisa phezu
komnikelo oshiswayo owawuse-
altare.

**15** Wabe eseletha umnikelo
wabantu, wathatha imbuzi yo-
mnikelo wesono wabantu, wa-
yihlaba wenza ngayo umnikelo
wesono njengoba ayenzile nge-
yokuqala. **16** Waletha umnike-
lo oshiswayo wawenza ngokwe-
nqubo evamile.[l]

**17** Ngemva kwalokho wale-
tha umnikelo wokudla okusa-
nhlamvu,[a] wagcwalisa isandla
sakhe ngomunye wawo wawu-
shunqisa e-altare, ngaphezu
komnikelo oshiswayo waseku-
seni.[b]

**18** Ngemva kwalokho u-Aroni
wahlaba inkunzi nenqama yom-
hlatshelo wabantu ohlanganye-
lwayo. Amadodana akhe amni-
ka igazi, walifafaza nxazonke ze-
altare.[c] **19** Amaqatha anonile
enkunzi,[d] umsila ononile wenqa-
ma, umhlwehlwe omboze inya-
ma yangaphakathi, izinso na-
mafutha asesibindini,[e] **20** abe-
ka wonke lawo maqatha anonile
phezu kwezifuba, okwathi nge-
mva kwalokho u-Aroni washu-
nqisa amaqatha anonile e-alta-
re.[f] **21** Kodwa izifuba nomle-
nze wesokudla u-Aroni waku-
zulisa njengomnikelo ozuliswa-
yo phambi kukaJehova, njengo-
ba nje uMose ayeyalile.[g]

**22** U-Aroni waphakamisela
izandla zakhe ngakubantu wa-
babusisa[h] futhi wehla ekwe-
nzeni umnikelo wesono nomni-
kelo oshiswayo nemihlatshe-
lo ehlanganyelwayo. **23** Eku-
gcineni uMose no-Aroni bange-
na etendeni lokuhlangana base
bephuma babusisa abantu.[i]

Manje inkazimulo kaJeho-
va yabonakala kubo bonke
abantu,[j] **24** kwaphuma umlilo
uvela kuJehova[k] wadla umnike-
lo oshiswayo namaqatha anoni-
le e-altare. Lapho bonke abantu
bekubona lokhu, baqala ukume-
meza, bawa ngobuso emhlaba-
thini.[l]

**10** Kamuva ngayinye ema-
dodaneni ka-Aroni uNa-
dabi no-Abhihu[m] yathatha
umcengezi wayo womlilo, yafa-
ka umlilo kuwo yabeka impe-

ISAHL. 9
a Eks 16:10; Eks 24:16; Eks 40:34
b Lev 4:3
c Heb 7:27
d Heb 5:1-3
e Lev 16:33
f Lev 4:3, 4
g Heb 9:22
h Lev 4:7; Lev 8:14, 15
i Lev 4:8-10
j Lev 4:11, 12; Heb 13:11
k Lev 1:5
l Lev 1:3; Lev 6:9

Uhla 2
a Lev 2:1, 11, 13
b Eks 29:39
c Lev 3:1, 2
d Lev 3:3, 4
e Lev 3:9, 10
f Lev 7:29-31
g Eks 29:27, 28
h Num 6:23-27; Dut 10:8; Dut 21:5; 1Kr 23:13
i 2Sa 6:18; 2Kr 6:3
j Lev 9:6
k Hlu 6:21; 1Kr 21:26
l 1Kh 18:38, 39; 2Kr 7:1, 3

ISAHL. 10
m Eks 6:23; 1Kr 24:2

pho kuwo.[a] Ayesenikela phambi kukaJehova umlilo ongagunyaziwe,[b] ayengazange awayale ukuba awenze. **2** Kwabe sekuphuma umlilo phambi kukaJehova wawadla,[c] afa phambi kukaJehova.[d] **3** UMose wathi ku-Aroni: "Yilokhu uJehova akushilo, 'Ngizongcweliswa phakathi kwalabo abaseduze kwami[e] futhi ngizokhazinyuliswa phambi kwabo bonke abantu.'" U-Aroni wathula.

**4** Ngakho uMose wabiza uMishayeli no-Elizafani, amadodana ka-Uziyeli,[f] umfowabo kayise ka-Aroni, wathi kubo: "Wozani lapha, nithwale abafowenu nibasuse phambi kwendawo engcwele nibayise endaweni engaphandle kwekamu." **5** Ngakho beza babathwala ngezingubo zabo babayisa endaweni engaphandle kwekamu, njengoba nje uMose ayebatshelile.

**6** UMose wabe esethi ku-Aroni nakwamanye amadodana akhe u-Eleyazare no-Itamari: "Ningawayeki amakhanda enu engalungisiwe nezingubo zenu ningaziklebhuli,[g] ukuze ningafi futhi ukuze uNkulunkulu angayithukutheleli yonke inhlangano. Abafowenu bayo yonke indlu ka-Israyeli bazobakhalela labo uJehova ababulale ngomlilo. **7** Akumele niphume emnyango wetende lokuhlangana, kungenjalo nizofa, ngoba amafutha okugcoba kaJehova akini."[h] Ngakho benza ngokwezwi likaMose.

**8** UJehova wabe esethi ku-Aroni: **9** "Ungaliphuzi iwayini noma obunye utshwala, wena namadodana akho, lapho niza etendeni lokuhlangana,[i] ukuze ningafi. Kuwumthetho waphakade ezizukulwaneni zenu. **10** Lokhu kuzonenza nikwazi ukuhlukanisa into engcwele nengcolile nento engcolile nehlanzekile,[a] **11** futhi nifundise ama-Israyeli zonke iziqondiso uJehova azikhulume kuwo ngoMose."[b]

**12** UMose wakhuluma no-Aroni no-Eleyazare no-Itamari, amadodana akhe ayesele, wathi: "Thathani okusele komnikelo wokudla okusanhlamvu ovela eminikelweni kaJehova eshiswa emlilweni nikudle njengesinkwa esingenamvubelo eduze kwe-altare,[c] ngoba kuyinto engcwelengcwele.[d] **13** Kumele nikudlele endaweni engcwele[e] ngoba kuyingxenye yenu nengxenye yamadodana enu evela eminikelweni kaJehova eshiswa emlilweni, ngoba ngiyalwe kanjalo. **14** Nizodla nesifuba somnikelo ozuliswayo nomlenze womnikelo ongcwele[f] endaweni ehlanzekile, nina namadodana enu namadodakazi enu,[g] ngoba lezi zinto nizinikwe njengengxenye yenu nengxenye yamadodana enu evela emihlatshelweni ehlanganyelwayo yama-Israyeli. **15** Azoletha umlenze womnikelo ongcwele nesifuba somnikelo ozuliswayo kanye neminikelo yamanoni eshiswa emlilweni, ukuze kuzuliswe umnikelo ozuliswayo phambi kukaJehova; uzoba ingxenye yaphakade yakho namadodana akho,[h] njengoba nje uJehova eyalile."

**16** UMose wayifunisisa imbuzi yomnikelo wesono,[i] wathola ukuthi yayishisiwe. Ngakho wathukuthelela u-Eleyazare no-Itamari, amadodana ka-Aroni ayesele, wathi: **17** "Kungani ningazange niwudle umnikelo wesono endaweni engcwele,[j] njengoba uyinto engcwelengcwele futhi eninike wona ukuze niphendule ngesiphambeko senhlangano

ISAHL. 10

*a* Eks 30:34, 35; Lev 16:12
*b* Eks 30:9; Lev 10:9; Lev 16:1, 2
*c* Num 16:35
*d* Num 26:61
*e* Eks 19:22
*f* Eks 6:18
*g* Lev 21:10
*h* Eks 28:41; Lev 8:12; Lev 21:11, 12
*i* Hez 44:21

Uhla 2

*a* Hez 44:23
*b* Dut 33:10; 2Kr 17:8, 9; Neh 8:7, 8; Mal 2:7
*c* Lev 6:14, 16
*d* Lev 21:22
*e* Lev 6:26; Num 18:10
*f* Eks 29:26-28; Lev 7:31, 34; Lev 9:21
*g* Lev 22:13; Num 18:11
*h* 1Ko 9:13
*i* Lev 9:3, 15
*j* Lev 6:25, 26; Hez 44:29

futhi niyenzele isihlawulelo pha-
mbi kukaJehova? **18** Bhekani!
Igazi lawo alizange lilethwe
ngaphakathi endaweni engcwe-
le.[a] Bekufanele nakanjani niwu-
dle endaweni engcwele, njengo-
ba nje ngiyaliwe.” **19** U-Aroni
waphendula uMose wathi: “Bhe-
ka! Namhlanje balethe umnikelo
wabo wesono nomnikelo wabo
oshiswayo phambi kukaJehova,[b]
noma kunjalo lezi zinto zinge-
hlele. Ukube ngiwudlile umnike-
lo wesono namhlanje, bekuyo-
mjabulisa yini uJehova lokho?”
**20** Lapho uMose ekuzwa lokho,
waneliseka.

**11** UJehova wabe esethi ku-
Mose no-Aroni: **2** “Tshe-
lani ama-Israyeli, nithi, ‘Yile-
zi izilwane eziphilayo zasem-
hlabeni* eningazidla:[c] **3** Zonke
izilwane ezinenselo* ehlukene
phakathi nezinenselo edabukile
nezetshisayo zingadliwa.

**4** “‘Kodwa akumele nidle
lezi zilwane ezetshisayo noma
ezinenselo ehlukene phakathi:
ikamela, liyetshisa kodwa ali-
nayo inselo ehlukene phaka-
thi, lingcolile kini;[d] **5** nembi-
la,[e] ngoba iyetshisa kodwa ayi-
nayo inselo ehlukene phaka-
thi, ingcolile kini; **6** nonogwa-
ja, ngoba uyetshisa kodwa
awunayo inselo ehlukene pha-
kathi, ungcolile kini; **7** nengu-
lube,[f] ngoba inenselo ehluke-
ne phakathi nenselo edabukile
kodwa ayetshisi, ingcolile kini.
**8** Akumele nidle noma iyiphi
inyama yazo noma nithinte izi-
dumbu zazo. Zingcolile kini.[g]

**9** “‘Yilokhu eningakudla ku-
kho konke okusemanzini: Noma
yini esemanzini enezigwedlo
namazenga, kungakhathalise-
ki ukuthi isolwandle noma emi-
fuleni, ningayidla.[a] **10** Kodwa
noma yini esolwandle nasemi-
fuleni engenazo izigwedlo na-
mazenga, kuzo zonke izilwa-
ne ezincane ezibhuzayo naku-
zo zonke izilwane* eziphilayo
ezisemanzini, kuyinto enyanye-
kayo kini. **11** Impela kufanele
nikwenyanye futhi akumele ni-
dle noma iyiphi inyama yako,[b]
kumele nizenyanye izidumbu
zako. **12** Konke okusemanzini
okungenazigwedlo namazenga
kuyinto enyanyekayo kini.

**13** “‘Yilezi izilwane ezindiza-
yo okufanele nizenyanye; akufa-
nele zidliwe ngoba ziyenya-
nyeka: ukhozi,[c] ingqungqulu,
inqe elimnyama,[d] **14** unhloyi-
le obomvu nazo zonke izi-
nhlobo zonhloyile omnya-
ma, **15** zonke izinhlobo zama-
gwababa, **16** intshe, isikhova,
indwandwe, nazo zonke izi-
nhlobo zoheshe, **17** isikhova-
na, umphishamanzi, isikhova
esinamadlebe amade, **18** ifu-
kezi, ivuba, inqe, **19** unogola-
ntethe, zonke izinhlobo zonoza-
lizingwenya, uziningweni nelu-
lwane. **20** Zonke izilwane ezi-
bhuzayo* ezinamaphiko eziha-
mba ngazo zozine ziyinto enya-
nyekayo kini.

**21** “‘Ezilwaneni ezinamaphi-
ko eziswebezelayo ezihamba
ngezinyawo ezine, ningadla ku-
phela lezo ezinemilenze emi-
de kuneminye ezigxuma ngayo
emhlabathini. **22** Yilezi kuzo
eningazidla: izinhlobo ezihlu-
kahlukene zezintethe ezifudu-
kayo, ezinye izintethe ezidli-
wayo,[e] izinyendle namaqhwagi.
**23** Zonke ezinye izilwane ezi-
swebezelayo ezinamaphiko ne-
milenze emine ziyinto enyanye-

**ISAHL. 10**
a Lev 6:29, 30
b Lev 9:8, 12

**ISAHL. 11**
c Dut 14:4-6; Hez 4:14
d Dut 14:7, 8
e IzA 30:26
f Isay 65:4; Isay 66:3, 17
g IzE 10:14

**Uhla 2**
a Dut 14:9, 10
b Dut 14:3
c Job 39:27, 30
d Dut 14:12-19
e Mat 3:4; Mar 1:6

**11:2** *Noma, “izilwane zasezweni.” **11:3** *Unyawo oluqhekekile lwesilwane esingenazidladla.

**11:10** *Noma, “imiphefumulo.” **11:20** *Noma, “izinambuzane.”

kayo kini. **24** Zizonenza nibe
abangcolile. Wonke umuntu
othinta izidumbu zazo uzo-
ba ongcolile kuze kuhlwe.[a]
**25** Noma ubani othwala izidu-
mbu zazo kufanele awashe izi-
ngubo zakhe;[b] uzoba ongcolile
kuze kuhlwe.

**26** "'Noma isiphi isilwane
esinenselo ehlukene phakathi
kodwa esingenayo inselo eda-
bukile nesingetshisi, singcolile
kini. Wonke umuntu ozithinta-
yo uzoba ongcolile.[c] **27** Zo-
nke izilwane eziphilayo ezi-
nyathela ngezidladla phaka-
thi kwezilwane ezihamba nge-
zinyawo ezine, zingcolile kini.
Wonke umuntu othinta izidu-
mbu zazo uzoba ongcolile kuze
kuhlwe. **28** Lowo othwala izi-
dumbu zazo kufanele awashe
izingubo zakhe,[d] uzoba ongco-
lile kuze kuhlwe.[e] Zingcolile
kini.

**29** "'Yilezi izilwane eziswe-
bezelayo zasemhlabeni ezi-
ngcolile kini: imvukuzane, igu-
ndane,[f] zonke izinhlobo zeziba-
nkwa, **30** isigcilikisha, isiquzi,
intulo, isibankwa sasesihlaba-
thini nonwabu. **31** Lezi zi-
lwane eziswebezelayo zingcoli-
le kini.[g] Wonke umuntu othinta
izidumbu zazo uzoba ongcolile
kuze kuhlwe.[h]

**32** "'Noma yini eziwela phe-
zu kwayo lapho zifa izo-
ba engcolile, kungakhathaliseki
ukuthi isitsha sokhuni, ingubo,
isikhumba noma indwangu ye-
saka. Noma yisiphi isitsha esi-
setshenziswayo kufanele sicwi-
liswe emanzini, sizoba esi-
ngcolile kuze kuhlwe; bese
siba esihlanzekile. **33** Uma zi-
wela esitsheni sobumba, ku-
fanele nisiphihlize, noma
yini ebikuso izoba engcolile.[i]
**34** Noma yiluphi uhlobo loku-
dla oluthintwa amanzi avela
kuleso sitsha luzoba olungco-
lile, futhi noma yini ephuzwa-
yo ekuleso sitsha izoba engcoli-
le. **35** Noma yini izidumbu
zezilwane eziwela kuyo izo-
ba engcolile. Kungakhathalise-
ki ukuthi uhhavini noma isi-
tofu esincane, kufanele kuphi-
hlizwe kube yizicucu. Kungco-
lile futhi kuyohlale kungcolile
kini. **36** Yisiphethu nomtho-
mbo wokugcina amanzi ku-
phela okuyoqhubeka kuhla-
nzekile, kodwa noma ubani
othinta izidumbu zazo uzoba
ongcolile. **37** Uma izidumbu
zazo ziwela phezu kwembewu
yesitshalo ezohlwanyelwa, ihla-
nzekile. **38** Kodwa uma ku-
thelwe amanzi embewini bese
ingxenye yesidumbu sazo iwela
phezu kwayo, leyo mbewu
ingcolile kini.

**39** "'Uma kufa isilwane esi-
ngukudla kini, noma ubani
othinta isidumbu saso uzo-
ba ongcolile kuze kuhlwe.[a]
**40** Noma ubani odla noma iyi-
phi ingxenye yesidumbu saso
kufanele awashe izingubo za-
khe, uzoba ongcolile kuze ku-
hlwe.[b] Noma ubani othwala isi-
dumbu saso kufanele awashe
izingubo zakhe, uzoba ongcoli-
le kuze kuhlwe. **41** Zonke izi-
lwane eziswebezelayo zasem-
hlabeni ziyinto enyanyekayo.[c]
Akumele zidliwe. **42** Akume-
le nidle noma yisiphi isilwa-
ne esihamba ngesisu, noma yi-
siphi isilwane esihamba ngezi-
nyawo ezine, noma yiziphi izi-
lwane eziswebezelayo zasem-
hlabeni ezinezinyawo ezini-
ngi, ngoba ziyinto enyanyeka-
yo.[d] **43** Ningazenzi nenyanye-
ke ngenxa yanoma yisiphi isi-
lwane esiswebezelayo futhi
ningazingcolisi nibe abangcoli-
le ngenxa yazo.[e] **44** Ngoba
nginguJehova uNkulunkulu

ISAHL. 11

*a* Lev 14:46, 47; Lev 15:8; Lev 17:15; Lev 22:4-6

*b* Lev 14:2, 8; Lev 15:2, 5; Num 19:10

*c* Dut 14:7, 8

*d* Lev 17:15, 16

*e* Lev 5:2

*f* Isay 66:17

*g* Dut 14:19

*h* Lev 11:24; Lev 22:4, 5

*i* Lev 15:12

---

Uhla 2

*a* Lev 11:23, 24; Num 19:11, 16

*b* Lev 17:15; Lev 22:3, 8; Dut 14:21; Hez 4:14; Hez 44:31

*c* Lev 11:21

*d* Dut 14:3

*e* Lev 20:25

wenu,[a] kumele nizingcwelise
nibe ngcwele[b] ngoba mina
ngingcwele.[c] Ngakho akumele
nizingcolise nganoma yisiphi
isilwane esiswebezelayo esiha-
mba emhlabeni. **45** Ngoba
nginguJehova, oniholayo eni-
khipha ezweni laseGibhithe
ukuze ngibe uNkulunkulu kini,[d]
kumele nibe ngcwele[e] ngoba
mina ngingcwele.[f]

**46** "'Lona umthetho opha-
thelene nezilwane, izilwane ezi-
ndizayo, zonke izilwane* eziphi-
layo ezihamba emanzini futhi
ophathelene nazo zonke izilwa-
ne* eziswebezela emhlabeni,
**47** ukuze kwenziwe umehluko
phakathi kokungcolile noku-
hlanzekile, phakathi kwezilwa-
ne eziphilayo ezidliwayo nalezo
ezingadliwa.'"[g]

**12** UJehova waqhubeka wa-
thi kuMose: **2** "Tshela
ama-Israyeli, uthi, 'Uma owe-
sifazane ekhulelwa futhi aza-
le umfana, uyoba ongcolile izi-
nsuku eziyisikhombisa, njengo-
ba nje esuke engcolile ngezi-
nsuku zokungcola lapho ese-
sikhathini.[h] **3** Ngosuku luka-8,
ijwabu lenyama yomntwana li-
yosikwa.[i] **4** Owesifazane uyo-
qhubeka ezihlanza izinsuku
ezingu-33 ngenxa yegazi eli-
mlahlekele. Akufanele athinte
noma yini engcwele futhi akufa-
nele angene endaweni engcwe-
le kuze kuphele izinsuku zoku-
hlanzwa kwakhe.

**5** "'Uma ezala intombaza-
ne, uyoba ongcolile izinsu-
ku ezingu-14, njengalapho ese-
sikhathini. Uyoqhubeka ezihla-
nza izinsuku ezingu-66 ngenxa
yegazi elimlahlekele. **6** Lapho
ziphela izinsuku zokuhla-
nzwa kwakhe ngenxa yendoda-
na noma indodakazi, uyole-
tha kumpristi emnyango wete-
nde lokuhlangana iwundlu ledu-
na elingakawuqedi unyaka libe
umnikelo oshiswayo[a] nephu-
phu lejuba noma ihobhe libe
umnikelo wesono. **7** Umpristi
uyoliletha phambi kukaJehova
amenzele isihlawulelo, ahlanze-
ke ekopheni kwakhe. Lowo um-
thetho ophathelene nowesifa-
zane ozala umfana noma into-
mbazane. **8** Kodwa-ke uma
engeke abe namandla emvu, ku-
mele athathe amahobhe amabili
noma amaphuphu amabili ama-
juba,[b] elinye kube elomnikelo
oshiswayo elinye kube elomni-
kelo wesono, umpristi amenze-
le isihlawulelo, ahlanzeke.'"

**13** UJehova waqhubeka wa-
thi kuMose no-Aroni:
**2** "Uma umuntu evuvukala esi-
khunjeni sakhe, eba noqwe-
qwe noma ibala futhi ku-
ngagcina kuyisifo sochoko,*[c]
kumele alethwe ku-Aroni um-
pristi noma kwenye yamadoda-
na akhe, abapristi.[d] **3** Umpri-
sti uzosihlola lesi sifo esisesi-
khunjeni sakhe. Lapho iziboya
ezikulesi sifo zishintshe zaba
mhlophe futhi leyo ndawo ene-
sifo ibonakala ishone phaka-
thi kunesikhumba sakhe, yisi-
fo sochoko. Umpristi uzosihlo-
la bese ethi lowo muntu ungco-
lile. **4** Kodwa uma ibala lim-
hlophe esikhunjeni sakhe futhi
libonakala lingashonile phaka-
thi, noboya bungashintshanga
baba mhlophe, umpristi uzom-
hlalisa yedwa izinsuku eziyisi-
khombisa umuntu onalesi sifo.[e]
**5** Umpristi uzomhlola ngosuku

ISAHL. 11
a Eks 20:2
b Eks 19:6; Lev 19:2; Dut 14:2; 1Th 4:7
c 1Pe 1:15, 16; IsA 4:8
d Eks 6:7; Eks 29:46; Hos 11:1
e Eks 22:31; Num 15:40; Dut 7:6
f Lev 20:7, 26; Jos 24:19; 1Sa 2:2
g Lev 20:25; Hez 44:23

ISAHL. 12
h Lev 15:19
i Gen 17:12; Gen 21:4; Luk 1:59; Luk 2:21, 22; Joh 7:22

Uhla 2
a Lev 1:10
b Lev 1:14; Lev 5:7; Lev 14:21, 22; Luk 2:24

ISAHL. 13
c Num 12:10, 12; 2Kr 26:19; Mat 8:3
d Dut 24:8; Hez 44:23; Mal 2:7; Luk 17:14
e Lev 13:50; Lev 14:38; Num 12:15

**11:46** *Noma, "imiphefumulo."

**13:2** *Igama lesiHebheru elihunyushwe ngokuthi "uchoko" linencazelo ebanzi futhi lingahlanganisa izifo zesikhumba ezihlukahlukene ezithathelwanayo. Zingahlanganisa nezifo ezithile ezitholakala ezingutsheni nasezindlini.

lwesikhombisa, uma kubonaka-
la sengathi lesi sifo sinqamu-
kile futhi singazange sisabala-
le esikhunjeni, uzomhlalisa ye-
dwa ezinye izinsuku eziyisikho-
mbisa.

6 “Umpristi kufanele aphi-
nde amhlole ngosuku lwesi-
khombisa, uma ibala seliphe-
lile futhi isifo singazange si-
sabalale esikhunjeni, umpristi
uzothi uhlanzekile;[a] bekuma-
ne nje kuwuqweqwe. Lowo
muntu uzobe esewasha izingu-
bo zakhe ahlanzeke. 7 Kodwa
uma uqweqwe* lusabalala esi-
khunjeni ngemva kokuba eve-
le phambi kompristi ukuze ku-
qinisekiswe ukuthi uhlanzeki-
le, uzophinde abuyele# phambi
kompristi. 8 Umpristi uzolu-
hlola, uma uqweqwe lusabale-
le esikhunjeni, uzothi ungcoli-
le. Uchoko.[b]

9 “Uma umuntu eba nesifo
sochoko, kumele alethwe kum-
pristi, 10 umpristi amhlole.[c]
Uma kunokuvuvukala kwesi-
khumba okumhlophe, oseku-
shintshe uboya baba mhlo-
phe futhi kunesilonda esi-
vulekile[d] endaweni evuvukele,
11 unochoko olungapheli esi-
khunjeni sakhe, umpristi uzo-
thi ungcolile. Akufanele am-
hlalise yedwa[e] ngoba ungcolile.
12 Uma uchoko luqubuka lu-
gcwale umzimba wonke, lu-
mboze umuntu onalo kusukela
ekhanda kuze kube sezinyawe-
ni, kuyo yonke indawo umpri-
sti ayibonayo, 13 futhi umpri-
sti esemhlolile wabona ukuthi
uchoko lumboze sonke isikhu-
mba sakhe, uyobe esethi umu-
ntu onalesi sifo uhlanzekile.*
Njengoba sonke isikhumba sa-
khe sesimhlophe, lowo muntu
uhlanzekile. 14 Kodwa noma
nini lapho kuvela isilonda esi-
vulekile kuso, uyoba ongcolile.
15 Lapho umpristi ebona isilo-
nda esivulekile, uzothi ungcoli-
le.[a] Leso silonda esivulekile si-
ngcolile. Uchoko lolo.[b] 16 Ko-
dwa uma isilonda esivulekile
siphinde sishintsha siba mhlo-
phe, uzobe eseza kumpristi.
17 Umpristi uzomhlola,[c] uma
isifo sishintshile saba mhlo-
phe, umpristi uzothi lowo mu-
ntu uhlanzekile. Uhlanzekile.

18 “Uma umuntu eba ne-
thumba esikhunjeni bese lipho-
la, 19 kuthi endaweni yale-
li thumba kuvele ukuvuvukala
okumhlophe noma ibala elim-
hlophe ngokubomvu, kumele
aziveze kumpristi. 20 Umpri-
sti uzolihlola,[d] uma libonaka-
la lishone phakathi kunesikhu-
mba noboya balo bushintshe
baba mhlophe, umpristi uzobe
esethi ungcolile. Yisifo so-
choko esiqubuke ethunjeni.
21 Kodwa uma umpristi elihlo-
la, ebona ukuthi akukho boya
obumhlophe kulo, alishonile
phakathi kunesikhumba fu-
thi libonakala seliphelile, um-
pristi uzobe esemhlalisa ye-
dwa izinsuku eziyisikhombi-
sa.[e] 22 Uma selisabalele esi-
khunjeni, umpristi uzobe ese-
thi ungcolile. Yisifo. 23 Ko-
dwa uma ibala lisendaweni
eyodwa lingasabalalanga, li-
mane liwukudumba okubange-
lwa yithumba, umpristi uzothi
uhlanzekile.[f]

24 “Noma uma othile enesi-
bazi sokusha futhi inyama
yesibazi iba ibala elimhlophe
ngokubomvu noma elimhlo-
phe, 25 umpristi uzobe ese-
lihlola. Uma uboya balo bu-
shintshile baba mhlophe fu-
thi libonakala lishone phakathi

13:7 *Noma, “isifo.” #Noma, “uzobuyela okwesibili.” 13:13 *Noma, “ngeke esabathelela abanye.”

ISAHL. 13
a Mat 8:4, Mar 1:44, Luk 5:14, Luk 17:14
b Lev 13:15, 25, 30, 42, Num 12:10, 12
c Lev 13:3
d Lev 13:24, 25
e Lev 13:4

Uhla 2
a Dut 24:8
b Lev 13:8
c Luk 5:14, Luk 17:14
d Hez 44:23
e Lev 13:4, 50, Lev 14:38, Num 12:15
f Mat 8:4, Mar 1:44, Luk 5:14, Luk 17:14

kunesikhumba, uchoko oluqu-
buke esibazini, umpristi uzo-
thi ungcolile. Yisifo socho-
ko. **26** Kodwa uma umpristi
elihlola, abone ukuthi akukho
boya obumhlophe kulo futhi
alishonile phakathi kunesikhu-
mba nokuthi seliphelile, um-
pristi uzobe esemhlalisa ye-
dwa izinsuku eziyisikhombisa.[a]
**27** Umpristi uzomhlola ngosu-
ku lwesikhombisa, uma kuso-
bala ukuthi lisabalele esikhu-
njeni, umpristi uzobe esethi
ungcolile. Yisifo sochoko.
**28** Kodwa uma ibala lisenda-
weni eyodwa lingasabalalanga
esikhunjeni futhi seliphelile,
kumane kuwukuvuvuka kwesi-
bazi, umpristi uzothi uhlanze-
kile ngoba ukudumba kwesi-
bazi.

**29** "Lapho indoda noma
owesifazane eba nesifo ekha-
nda noma esilevini, **30** umpri-
sti uzobe esesihlola isifo.[b] Uma
sibonakala sishone phakathi
kunesikhumba, nezinwele zi-
phuzi futhi ziyephuzela umpri-
sti uzothi ungcolile; yisifo se-
khanda noma sentshebe. Ucho-
ko lwekhanda noma lwesilevu.
**31** Kodwa uma umpristi ebona
ukuthi isifo asibonakali sisho-
ne phakathi kunesikhumba, zi-
ngekho izinwele ezimnyama
kuso, umpristi kufanele amhla-
lise yedwa izinsuku eziyisikho-
mbisa lowo muntu.[c] **32** Um-
pristi uzosihlola lesi sifo ngo-
suku lwesikhombisa, uma inda-
wo enesifo ingasabalalanga, zi-
ngekho izinwele eziphuzi ezi-
hlume kuyo futhi ingabona-
kali ishone phakathi kunesi-
khumba, **33** lowo muntu ku-
fanele aphuce, kodwa anga-
phuci endaweni enesifo. Um-
pristi uyobe esemhlalisa yedwa
izinsuku eziyisikhombisa lowo
muntu.

**34** "Umpristi uzophinde
ahlole indawo enesifo ngosu-
ku lwesikhombisa, uma isifo
sekhanda nesentshebe singa-
sabalalanga esikhunjeni, singa-
bonakali sishone phakathi ku-
nesikhumba, umpristi kumele
athi uhlanzekile, kufanele awa-
she nezingubo zakhe abe ohla-
nzekile. **35** Kodwa uma isi-
fo kusobala ukuthi siyasaba-
lala esikhunjeni ngemva koku-
hlanzwa kwakhe, **36** umpristi
uzomhlola, uma isifo sisabale-
le esikhunjeni, akudingeki uku-
ba umpristi afune izinwele ezi-
phuzi; lowo muntu ungcolile.
**37** Kodwa uma ukuhlolwa ku-
bonisa ukuthi isifo asisabalala-
nga futhi kumile izinwele ezim-
nyama kuso, isifo selaphekile.
Uhlanzekile, umpristi uzothi
uhlanzekile.[a]

**38** "Uma owesilisa noma
owesifazane eba namabala esi-
khunjeni, amabala amhlophe,
**39** umpristi uzowahlola.[b] Uma
amabala asesikhunjeni emhlo-
phe ngokufiphele, ukuqubu-
ka okungenangozi okusesikhu-
njeni. Lowo muntu uhlanze-
kile.

**40** "Uma indoda iqothuke-
lwa izinwele ekhanda ibe ne-
mpandla, ihlanzekile. **41** Uma
iqothukelwa izinwele ngapha-
mbili ekhanda, ibe ne-
mpandla, ihlanzekile. **42** Ko-
dwa uma kuvela isilonda esim-
hlophe ngokubomvu empandle-
ni esekhanda noma esipho-
ngweni sayo, uchoko oluqubu-
ka ekhanda noma esiphongwe-
ni sayo. **43** Umpristi uzoyihlo-
la, uma ukuvuvuka okubange-
lwa isifo kumhlophe ngoku-
bomvu empandleni esokhakha-
yini lwayo noma esiphongwe-
ni sayo futhi kubonakala nje-
ngochoko esikhunjeni sayo,
**44** inochoko. Ingcolile futhi

ISAHL. 13
*a* Lev 13:4, 50; Lev 14:38; Num 12:15
*b* Dut 24:8; Mal 2:7
*c* Lev 13:4, 50; Lev 14:38; Num 12:15

Uhla 2
*a* Mat 8:4; Mar 1:44; Luk 5:14; Luk 17:14
*b* Lev 13:2

umpristi kufanele athi ingco-
lile ngenxa yesifo esisekhanda
layo. **45** Ngokuqondene nomu-
ntu onochoko, izingubo zakhe
kufanele zidatshulwe, ikhanda
lakhe lingalungiswa, kufanele
amboze amadevu akhe ameme-
ze athi, 'Ngingcolile, ngingcoli-
le!' **46** Sonke isikhathi ayobe
enalesi sifo ngaso uyoba ongco-
lile. Njengoba engcolile, kufane-
le ahlaliswe yedwa. Indawo ya-
khe yokuhlala izoba ngapha-
ndle kwekamu.[a]

**47** "Uma isifo sochoko si-
ngcolisa ingubo, kungakhatha-
liseki ukuthi eyoboya noma
eyelineni, **48** kungaba ezi-
ntanjeni eziqondile noma ezi-
ntanjeni ezivundlile zeline-
ni noma zoboya, noma
esikhunjeni noma kunoma
yini eyenziwe ngesikhumba,
**49** futhi ibala lesifo eliluhlaza
ngokuphuzi noma elibomvu li-
ngcolisa ingubo, isikhumba,
izintambo eziqondile, izinta-
mbo ezivundlile, nanoma yini
yesikhumba, ukungcola okuba-
ngelwa uchoko, kufanele ku-
boniswe umpristi. **50** Umpri-
sti uzosihlola lesi sifo fu-
thi kumele akuhlukanise izi-
nsuku eziyisikhombisa okuna-
lesi sifo.[b] **51** Lapho ehlola
lesi sifo ngosuku lwesikho-
mbisa, abone ukuthi sisabale-
le engutsheni, ezintanjeni ezi-
qondile, ezintanjeni ezivundlile
noma esikhunjeni (kungakha-
thaliseki ukuthi isikhumba si-
setshenziselwa ini), isifo siwu-
choko olubulalayo futhi si-
ngcolile.[c] **52** Kufanele ayishi-
se leyo ngubo noma izintambo
eziqondile noma izintambo ezi-
vundle oboyeni noma elinenini,
nanoma iyiphi into yesikhumba
okuvele kuyo isifo, ngoba ucho-
ko olubulalayo. Kufanele ishi-
swe ngomlilo.

**53** "Kodwa uma umpristi
eyihlola futhi isifo singasabala-
langa engutsheni noma ezinta-
njeni eziqondile noma ezinta-
njeni ezivundlile noma kuno-
ma iyiphi into yesikhumba,
**54** umpristi uyobe eseyala
ukuba bakuhlanze lokho oku-
ngcoliswe isifo, futhi uzokuhlu-
kanisa ezinye izinsuku eziyisi-
khombisa. **55** Umpristi uzobe
esehlola into engcolile ngemva
kokuba isihlanzisisiwe. Uma
ukungcola kubonakala kunga-
shintshile, ngisho noma isi-
fo singazange sisabalale, ingco-
lile. Kufanele niyishise ngomli-
lo ngoba idlekile, kungaba nga-
phandle noma ngaphakathi.

**56** "Kodwa uma umpristi eyi-
hlolile futhi ingxenye engcolile
ingasekho ngemva kokuba isi-
hlanzisisiwe, uyobe eseyidabu-
la engutsheni noma esikhunje-
ni noma ezintanjeni eziqondi-
le noma ezintanjeni ezivundlile.
**57** Nokho, uma sisaqhubeka si-
bonakala kwenye ingxenye ye-
ngubo noma ezintanjeni eziqo-
ndile noma ezintanjeni ezivu-
ndlile noma kunoma iyiphi into
eyenziwe ngesikhumba, siyasa-
balala, futhi noma yini engco-
lile kufanele uyishise ngomlilo.[a]
**58** Kodwa lapho ukungcola ku-
shabalala engutsheni noma ezi-
ntanjeni eziqondile noma ezi-
ntanjeni ezivundlile noma ku-
noma iyiphi into yesikhumba
oyihlanzayo, kufanele ihlanzwe
okwesibili, izoba ehlanzekile.

**59** "Lowo umthetho wesi-
fo sochoko engutsheni yoboya
noma yelineni, noma ezintanje-
ni zokweluka eziqondile noma
ezintanjeni zokweluka ezivu-
ndlile, noma kunoma iyiphi
into yesikhumba, ukuze umpri-
sti azi ukuthi yikuphi okufane-
le athi kuhlanzekile noma ku-
ngcolile."

**ISAHL. 13**

a Num 5:2; Num 12:14; 2Kh 7:3; 2Kr 26:20, 21

b Lev 13:4; Lev 14:38; Num 12:15

c Lev 14:44, 45

**Uhla 2**

a Lev 13:52

14 UJehova waqhubeka
ekhuluma noMose, wathi:
2 “Lona kufanele kube um-
thetho wonochoko ngosuku lo-
kuqinisekisa ukuthi uhlanzeki-
le, lapho kufanele alethwe kum-
pristi.[a] 3 Umpristi uzophume-
la ngaphandle kwekamu, amhlo-
le. Uma isifo sochoko sela-
phekile konochoko, 4 umpristi
uzomyala ukuba alethe izinyo-
ni ezimbili eziphilayo ezihlanze-
kile, ukhuni lomsedari, indwa-
ngu ebomvu nehisopi ukuze
ahlanzwe.[b] 5 Umpristi uzoya-
la ukuba enye inyoni ibula-
welwe esitsheni sobumba phe-
zu kwamanzi agelezayo. 6 Ko-
dwa kufanele athathe inyoni
ephilayo kanye nokhuni lomse-
dari, indwangu ebomvu nehiso-
pi, akugcobhoze konke egazini
lenyoni ebulawelwe phezu kwa-
manzi agelezayo. 7 Uyobe ese-
lifafaza kasikhombisa kulowo
ozihlanza ochokweni athi uhla-
nzekile, akhulule inyoni ephila-
yo iye endle.[c]

8 “Ozihlanzayo kumele awa-
she izingubo zakhe futhi aphu-
ce zonke izinwele zakhe age-
ze ngamanzi, ahlanzeke. Kamu-
va angangena ekamu, kodwa
ahlale ngaphandle kwetende
lakhe izinsuku eziyisikhombisa.
9 Ngosuku lwesikhombisa ku-
fanele aphuce zonke izinwele
ezisekhanda nasesilevini nama-
shiya. Ngemva kokuphuca zo-
nke izinwele zakhe, uzowasha
izingubo zakhe ageze ngama-
nzi, abe ohlanzekile.

10 “Ngosuku luka-8, uzotha-
tha amawundlu amabili anga-
maduna aphile kahle, iwu-
ndlu lensikazi elilodwa eliphi-
le kahle[d] elingakawuqedi unya-
ka, izingxenye ezintathu eshu-
mini ze-efa* likafulawa ocoleki-
le oxutshwe namafutha njengo-
mnikelo wokudla okusanhla-
mvu[a] nelogi* elilodwa lamafu-
tha;[b] 11 umpristi othi lo mu-
ntu uhlanzekile uzoletha lo mu-
ntu ozihlanzayo kanye nale mi-
nikelo, phambi kukaJehova
emnyango wetende lokuhla-
ngana. 12 Umpristi uzotha-
tha iwundlu elilodwa ledu-
na alinikele libe umnikelo we-
cala[c] kanye nelogi lamafutha
akuzulise njengomnikelo ozuli-
swayo phambi kukaJehova.[d]
13 Uzobe esehlaba iwundlu le-
duna endaweni okuvame uku-
hlatshelwa kuyo umnikelo we-
sono nomnikelo oshiswayo,[e]
endaweni engcwele, ngoba nje-
ngomnikelo wesono, umnikelo
wecala ungowompristi.[f] Uyinto
engcwelengcwele.[g]

14 “Ngemva kwalokho um-
pristi uzothatha elinye igazi lo-
mnikelo wecala, aligcobe endle-
beni yesokudla yalowo ozi-
hlanzayo nasesithupheni sesa-
ndla sakhe sokudla nakubho-
zo wonyawo lwakhe lweso-
kudla. 15 Umpristi uzothatha
amanye amafutha kulelo logi
lamafutha[h] awathele esandle-
ni sakhe sobunxele. 16 Um-
pristi uzobe esegcobhoza umu-
nwe wakhe wesokudla emafu-
theni asesandleni sakhe so-
bunxele afafaze amanye ala-
wo mafutha ngomunwe kasi-
khombisa phambi kukaJehova.
17 Amafutha asele esandleni
sakhe umpristi uzowagcoba
endlebeni yesokudla yalowo
ozihlanzayo nasesithupheni se-
sandla sakhe sokudla naku-
bhozo wonyawo lwakhe lweso-
kudla phezu kwegazi lomni-
kelo wecala. 18 Okusele kwa-
la mafutha asesandleni sompri-
sti uzokugcoba ekhanda lalowo

14:10 *Okuthathu eshumini kwe-efa kwakulingana no-6,6 L. Bheka iSithasiselo B14.

14:10 *Ilogi lalilingana no-0,31 L. Bheka iSithasiselo B14.

ISAHL. 14
a Lev 13:2, Mat 8:4, Mar 1:44, Luk 5:14, Luk 17:14
b Lev 14:49-53, Num 19:6, 9, Hu 51:7
c Lev 16:22
d Lev 4:32

Uhla 2
a Lev 2:1
b Mar 1:44
c Lev 6:6
d Lev 14:21, 24
e Lev 1:10, 11, Lev 4:3, 4
f Lev 2:3, Lev 7:7, 1Ko 9:13, 1Ko 10:18
g Lev 6:25
h Lev 14:10

ozihlanzayo, umpristi amenzele isihlawulelo phambi kukaJehova.[a]

**19** “Umpristi uzonikela umnikelo wesono,[b] amenzele isihlawulelo lowo ozihlanza ekungcoleni kwakhe, kamuva ahlabe umnikelo oshiswayo. **20** Umpristi uzonikela umnikelo oshiswayo nomnikelo wokudla okusanhlamvu[c] e-altare, amenzele isihlawulelo,[d] abe ohlanzekile.[e]

**21** “Nokho, uma ehlupheka engenawo amandla anele, uzothatha iwundlu leduna elilodwa libe umnikelo wecala womnikelo ozuliswayo, ukuze azenzele isihlawulelo, okweshumi kwe-efa* likafulawa ocolekile oxutshwe namafutha njengomnikelo wokudla okusanhlamvu, ilogi lamafutha, **22** namahobhe amabili noma amaphuphu amabili amajuba, kuye ngamandla akhe. Elinye lizoba umnikelo wesono elinye libe umnikelo oshiswayo.[f] **23** Ngosuku luka-8,[g] uzokuletha kumpristi emnyango wetende lokuhlangana phambi kukaJehova ukuze kuqinisekiswe ukuthi uhlanzekile.[h]

**24** “Umpristi uzothatha iwundlu leduna lomnikelo wecala[i] nelogi lamafutha, akuzulise njengomnikelo ozuliswayo phambi kukaJehova.[j] **25** Umpristi uzobe esehlaba iwundlu leduna lomnikelo wecala, athathe elinye igazi lomnikelo wecala aligcobe endlebeni yesokudla yalowo ozihlanzayo nasesithupheni sesandla sakhe sokudla nakubhozo wonyawo lwakhe lwesokudla.[k] **26** Umpristi uzothela amanye amafutha esandleni sakhe sobunxele,[l] **27** ngemva kwalokho afaze ngomunwe wakhe wesokudla amanye ala mafutha asesandleni sakhe sobunxele kasikhombisa phambi kukaJehova. **28** Umpristi uzogcoba amanye ala mafutha asesandleni sakhe endlebeni yesokudla yalowo ozihlanzayo nasesithupheni sesandla sakhe sokudla nakubhozo wonyawo lwakhe lwesokudla ezindaweni ezifanayo nalezo agcobe kuzo igazi lomnikelo wecala. **29** Okusele kwala mafutha asesandleni sompristi uzokugcoba ekhanda lalowo ozihlanzayo ukuze amenzele isihlawulelo phambi kukaJehova.

**30** “Uzonikela elilodwa lalawo mahobhe noma lalawo maphuphu amajuba kuye ngamandla akhe,[a] **31** elilodwa anamandla alo, libe umnikelo wesono elinye libe umnikelo oshiswayo[b] kanye nomnikelo wokudla okusanhlamvu; umpristi enzele lowo ozihlanzayo isihlawulelo phambi kukaJehova.[c]

**32** “Lona umthetho ophathelene nalowo obenesifo sochoko kodwa ongenawo amandla lapho kuqinisekiswa ukuthi uhlanzekile.”

**33** Ngemva kwalokho uJehova wathi kuMose no-Aroni: **34** “Lapho nifika ezweni laseKhanani[d] engininika lona njengefa,[e] bese ngingcolisa indlu esezweni lenu ngesifo sochoko,[f] **35** umnikazi wendlu kufanele eze athi kumpristi, ‘Kuvele ukungcola kohlobo oluthile endlini yami.’ **36** Umpristi uzoyala ukuba kukhishwe konke okusendlini ngaphambi kokuba eze azohlola ukungcola, ukuze angathi konke okusendlini kungcolile; ngemva kwalokho uzongena ahlole indlu. **37** Uzohlola indawo ethintekile, uma

**14:21** * Okweshumi kwe-efa kwakulingana no-2,2 L. Bheka iSithasiselo B14.

ISAHL. 14
*a* Lev 6:7; 1Jo 1:7; 1Jo 2:1, 2
*b* Lev 5:6
*c* Lev 2:1; Lev 14:10; Num 15:4
*d* Mat 8:4
*e* Lev 14:9; Mar 1:44; Luk 5:14; Luk 17:14
*f* Lev 1:14; Lev 5:7; Lev 12:8
*g* Lev 15:13, 14
*h* Lev 14:10, 11
*i* Lev 6:6
*j* Lev 14:12
*k* Lev 14:14
*l* Lev 14:15-18

Uhla 2
*a* Lev 12:8; Lev 14:22
*b* Lev 5:7
*c* Lev 14:20
*d* Num 35:10
*e* Gen 17:8
*f* Dut 7:12, 15

izindonga zendlu zingcoliswe
izifaca eziluhlaza ngokuphu-
zi noma ezibomvana, futhi zi-
bonakala zishone phakathi ku-
nodonga, **38** uzobe esephuma
endlini aye phambi komnyango
wendlu, indlu ayivale izinsuku
eziyisikhombisa.[a]

**39** "Ngemva kwalokho um-
pristi uzobuya ayihlole ngosu-
ku lwesikhombisa. Uma uku-
ngcola kusabalele ezindonge-
ni zendlu, **40** umpristi uzobe
esekhipha imiyalo futhi ama-
tshe angcolile kumele aqheshu-
lwe aphonswe ngaphandle kwe-
dolobha endaweni engcolile.
**41** Kufanele ayale ukuba indlu
iphalisiswe ngaphakathi, ukho-
nkolo nodaka olomile abaluge-
bhulile kufanele kulahlwe nga-
phandle kwedolobha endaweni
engcolile. **42** Bayobe sebefa-
ka amanye amatshe endaweni
yamatshe abawakhiphile, futhi
kufanele asebenzise udaka olu-
hlukile bese eyala ukuba indlu
iphahlekwe.

**43** "Nokho, uma ukungcola
kubuya futhi kuphinde kuqubu-
ka endlini ngemva kokuqheshu-
lwa kwamatshe nangemva ko-
kuphalwa kwendlu nokupha-
hlekwa kwayo kabusha,
**44** umpristi uzongena kuyo
ayihlole. Uma ukungcola kusa-
balele endlini, nguchoko olu-
bulalayo[b] olukuleyo ndlu. Indlu
ingcolile. **45** Uzobe eseyaleza
ukuba leyo ndlu idilizwe—ama-
tshe ayo, izingodo zayo nawo
wonke ukhonkolo nodaka olo-
mile lwendlu—kuthwalwe ku-
yiswe ngaphandle kwedolobha
endaweni engcolile.[c] **46** Ko-
dwa noma ubani ongena kule-
yo ndlu nganoma yiluphi usu-
ku evalwe ngalo umpristi[d] uzo-
ba ongcolile kuze kuhlwe;[e]
**47** noma ubani olala kuleyo
ndlu kufanele awashe izingubo
zakhe, noma ubani odlela ku-
leyo ndlu kufanele awashe izi-
ngubo zakhe.

**48** "Nokho, uma umpristi
eza afike abone ukuthi uku-
ngcola akusabalalanga endlini
ngemva kokuphahlekwa kwa-
yo kabusha, uyobe esethi leyo
ndlu ihlanzekile ngoba uku-
ngcola akusekho. **49** Ukuze
ahlanze indlu ekungcoleni,*
uzothatha izinyoni ezimbili,
ukhuni lomsedari, indwangu
ebomvu nehisopi.[a] **50** Kufane-
le abulalele enye inyoni
esitsheni sobumba phezu kwa-
manzi agelezayo. **51** Ngemva
kwalokho uzothatha ukhuni
lomsedari, ihisopi, indwangu
ebomvu nenyoni ephilayo aku-
gcobhoze egazini lenyoni ebu-
lewe nasemanzini agelezayo,
akufafaze ngasendlini kasikho-
mbisa.[b] **52** Uzohlanza indlu
ekungcoleni* ngegazi lenyoni,
amanzi agelezayo, inyoni ephi-
layo, ukhuni lomsedari, ihisopi
nendwangu ebomvu. **53** Uzo-
be esededela inyoni ephilayo
ngaphandle kwedolobha iye
endle enzele indlu isihlawulelo,
ibe ehlanzekile.

**54** "Lona umthetho opha-
thelene nanoma yisiphi isifo
sochoko, isifo sekhanda noma
sentshebe,[c] **55** uchoko oluse-
ngutsheni[d] noma olusendlini,[e]
**56** ukuvuvukala, uqweqwe na-
mabala,[f] **57** ukuze kwaziwe
lapho okuthile kungcolile na-
lapho kuhlanzekile.[g] Lona um-
thetho ophathelene nochoko."[h]

**15** UJehova waqhubeka
ekhuluma noMose no-
Aroni, wathi: **2** "Khuluma-
ni nama-Israyeli, nithi kuwo,
'Uma owesilisa ephuma uku-
ngcola esithweni sangasese, lo-
kho kungcola kumenza angco-

ISAHL. 14
a Lev 13:4, 50; Num 12:15
b Lev 13:51
c Lev 14:41
d Lev 14:38
e Lev 11:23-25; Lev 15:8; Lev 17:15; Lev 22:4-6

Uhla 2
a Lev 14:3, 4; Num 19:6, 7
b Lev 14:6, 7
c Lev 13:30
d Lev 13:47
e Lev 14:34
f Lev 13:2
g Lev 10:10; Hez 44:23
h Dut 24:8

**14:49, 52** *NgesiHebheru, "esonweni."

le.[a] **3** Ungcolile ngenxa yoku-
ngcola okuphuma kuye, kunga-
khathaliseki ukuthi ukungcola
okuphuma esithweni sangase-
se kuyaqhubeka noma kuvi-
mbekile, usangcolile.

**4** "'Noma yimuphi umbhede
umuntu ophuma ukungcola esi-
thweni sangasese alala kuwo
uzoba ongcolile, noma yini
ahlala kuyo izoba engcolile.
**5** Umuntu othinta umbhede
wakhe kumele awashe izingu-
bo zakhe, ageze ngamanzi
abe ongcolile kuze kuhlwe.[b]
**6** Noma ubani ohlala phe-
zu kwento umuntu ophuma
ukungcola esithweni sangasese
abehlezi kuyo kufanele awashe
izingubo zakhe, ageze ngama-
nzi, abe ongcolile kuze kuhlwe.
**7** Noma ubani othinta inyama
yomuntu ophuma ukungcola
esithweni sangasese kufanele
awashe izingubo zakhe, ageze
ngamanzi, abe ongcolile kuze
kuhlwe. **8** Uma lowo ophu-
ma ukungcola esithweni sa-
ngasese ekhafulela ohlanze-
kile, lowo ohlanzekile kume-
le awashe izingubo zakhe,
ageze ngamanzi abe ongcolile
kuze kuhlwe. **9** Noma yisiphi
isihlalo sehhashi umuntu ophu-
ma ukungcola esithweni sa-
ngasese ahlezi kuso sizoba
esingcolile. **10** Noma ubani
othinta noma yini ebingapha-
nsi kwakhe uzoba ongcolile
kuze kuhlwe, noma ubani
othwala lezo zinto uzowasha
izingubo zakhe, ageze ngama-
nzi, abe ongcolile kuze ku-
hlwe. **11** Uma lowo ophuma
ukungcola esithweni sangase-
se[c] ethinta umuntu engazigezi-
le izandla zakhe ngamanzi,
lowo muntu kumele awashe izi-
ngubo zakhe, ageze ngama-
nzi, abe ongcolile kuze kuhlwe.
**12** Isitsha sobumba esithintwa
umuntu ophuma ukungcola esi-
thweni sangasese kufanele si-
phihlizwe, noma yisiphi isitsha
sokhuni kufanele sigezwe nga-
manzi.[a]

**13** "'Lapho ukungcola oku-
phuma esithweni sangasese
kunqamuka, lowo muntu eba
ohlanzekile, uyobe esebala izi-
nsuku eziyisikhombisa zoku-
hlanzwa kwakhe futhi kumele
awashe izingubo zakhe, ageze
ngamanzi agelezayo, abe ohla-
nzekile.[b] **14** Ngosuku luka-8
kufanele athathe amahobhe
amabili noma amaphuphu ama-
bili amajuba,[c] eze phambi kuka-
Jehova emnyango wetende lo-
kuhlangana awanike umpristi.
**15** Umpristi uzowanikela, eli-
nye libe umnikelo wesono, eli-
nye libe umnikelo oshiswayo,
umpristi uzomenzela isihlawu-
lelo phambi kukaJehova ngo-
kuphathelene nokungcola oku-
phuma esithweni sangasese.

**16** "'Uma kuphuma isidoda
endodeni, kufanele igeze wo-
nke umzimba wayo ngama-
nzi ibe engcolile kuze kuhlwe.[d]
**17** Kumele ihlanze ngamanzi
noma iyiphi ingubo nanoma
isiphi isikhumba okuphumele
kuso isidoda, kuzoba okungco-
lile kuze kuhlwe.

**18** "'Lapho indoda ilala no-
wesifazane bese kuphuma isi-
doda, kufanele bageze ngama-
nzi babe abangcolile kuze ku-
hlwe.[e]

**19** "'Uma owesifazane ephu-
ma ukungcola okuyigazi esi-
thweni sangasese, uzoqhubeka
izinsuku eziyisikhombisa eseku-
ngcoleni kwakhe kokuya esi-
khathini.[f] Noma ubani omthi-
ntayo uzoba ongcolile kuze
kuhlwe.[g] **20** Noma yini alala
kuyo esekungcoleni kwakhe la-
pho esesikhathini izoba engco-
lile, yonke into ahlala kuyo

ISAHL. 15
a Lev 22:4; Num 5:2
b Lev 11:24, 25; Lev 14:46, 47; Lev 17:15; Lev 22:6
c Lev 15:2

Uhla 2
a Lev 11:32, 33
b Lev 14:8
c Lev 1:14
d Lev 22:4; Dut 23:10, 11
e Eks 19:15; 1Sa 21:5
f Lev 12:2, 5
g Lev 20:18

izoba engcolile.[a] **21** Noma uba-
ni othinta umbhede wakhe kufa-
nele awashe izingubo zakhe,
ageze ngamanzi, abe ongcoli-
le kuze kuhlwe. **22** Noma uba-
ni othinta noma iyiphi into
abehlezi kuyo kufanele awashe
izingubo zakhe, ageze ngama-
nzi, abe ongcolile kuze kuhlwe.
**23** Uma ebehlezi embhedeni
noma kwenye into, ukuyithi-
nta kwakhe kuzomenza angcole
kuze kuhlwe.[b] **24** Uma indoda
ilala nowesifazane futhi ingcoli-
swa yigazi lakhe lokuya esikha-
thini,[c] izoba engcolile izinsuku
eziyisikhombisa, nanoma yimu-
phi umbhede elala kuwo uzoba
ongcolile.

**25** "'Lapho ukungcola oku-
yigazi okuphuma esithweni sa-
ngasese sowesifazane kuphu-
ma izinsuku eziningi[d] kunge-
sona isikhathi sakhe esivamile
sokuya esikhathini,[e] noma uma
kwenzeka opha isikhathi esi-
de kunesikhathi avame uku-
sithatha lapho eya esikhathi-
ni, zonke izinsuku aphuma nga-
zo ukungcola esithweni sanga-
sese uzoba ongcolile, njengase-
zinsukwini zokungcola kwakhe
lapho esesikhathini. **26** Noma
yimuphi umbhede alala kuwo
ngezinsuku aphuma ngazo uku-
ngcola esithweni sangasese[f]
uzoba njengombhede woku-
ngcola kwakhe lapho esesikha-
thini, nanoma iyiphi into ahla-
la kuyo izoba engcolile njengo-
kungcola kwakhe lapho esesi-
khathini. **27** Noma ubani oyi-
thintayo uzoba ongcolile futhi
kumele awashe izingubo zakhe,
ageze ngamanzi, abe ongcolile
kuze kuhlwe.[g]

**28** "'Nokho, lapho esehla-
nzekile ekungcoleni kwakhe
okuphuma esithweni sangase-
se, uzozibalela izinsuku eziyi-
sikhombisa, kamuva abe ohla-
nzekile.[a] **29** Ngosuku luka-8
kufanele athathe amahobhe
amabili noma amaphuphu ama-
bili amajuba,[b] awalethe kumpri-
sti emnyango wetende lokuhla-
ngana.[c] **30** Umpristi uzokwe-
nza elinye libe umnikelo weso-
no elinye libe umnikelo oshi-
swayo, umpristi amenzele isi-
hlawulelo phambi kukaJehova
ngokuphathelene nokungcola
kwakhe okuphuma esithweni
sangasese.[d]

**31** "'Ngakho kumele nigcine
ama-Israyeli ehlanzekile ukuze
angafi ngenxa yokungcola kwa-
wo, ngokungcolisa itabernake-
le lami eliphakathi kwawo.[e]

**32** "'Lona umthetho opha-
thelene nendoda ephuma uku-
ngcola esithweni sayo sanga-
sese, indoda engcolile nge-
nxa yokuphuma kwesidoda,[f]
**33** owesifazane phakathi noku-
ngcola kwakhe lapho esesikha-
thini,[g] nanoma imuphi owesili-
sa noma owesifazane ophuma
ukungcola esithweni sangase-
se,[h] nendoda elala nowesifaza-
ne ongcolile.'"

**16** UJehova wakhuluma no-
Mose ngemva kokufa
kwamadodana ka-Aroni amabi-
li, afa ngenxa yokusondela ku-
Jehova.[i] **2** UJehova wathi ku-
Mose: "Tshela u-Aroni umfowe-
nu ukuthi angangeni nje nga-
noma yisiphi isikhathi endawe-
ni engcwele[j] ngaphakathi kwe-
khethini,[k] phambi kwesembo-
zo esiphezu koMphongolo, uku-
ze angafi,[l] ngoba ngizobonaka-
la efwini[m] phezu kwesembozo.[n]

**3** "Yilokhu u-Aroni okufane-
le akulethe lapho engena enda-
weni engcwele: ithole ledu-
na lomnikelo wesono[o] nenqama
yomnikelo oshiswayo.[p] **4** Ku-
fanele agqoke ingubo engcwele

ISAHL. 15
a Lev 15:4-6
b Lev 15:10
c Lev 18:19, Lev 20:18
d Mat 9:20, Luk 8:43
e Lev 15:19
f Lev 15:21
g Lev 15:22

Uhla 2
a Lev 15:13
b Lev 1:14
c Lev 15:14, 15
d Lev 12:7
e Lev 19:30, Num 5:3, Num 19:20
f Lev 15:16
g Lev 15:19
h Lev 15:2, 25

ISAHL. 16
i Lev 10:1, 2
j Lev 23:27
k Eks 40:21, Heb 6:19, Heb 9:3, 7
l Num 4:19, 20
m Eks 40:34
n Eks 25:22
o Lev 4:3
p Lev 1:3

yelineni,[a] izikhindi* zangapha-
nsi zelineni[b] kufanele zembo-
ze umzimba wakhe,# kufanele
abhince ibhande lendwangu ye-
lineni[c] futhi athwale iduku lo-
kushuqula lelineni.[d] Yizingubo
ezingcwele.[e] Uzogeza ngama-
nzi[f] bese ezigqoka.
**5** “Kufanele athathe enhla-
nganweni yama-Israyeli[g] amazi-
nyane amabili ezimbuzi anga-
maduna abe umnikelo wesono
nenqama eyodwa ibe umnikelo
oshiswayo.
**6** “Ngemva kwalokho u-Aro-
ni kumele alethe inkunzi yo-
mnikelo wesono eqondene
naye, uzozenzela yena[h] nendlu
yakhe isihlawulelo.
**7** “Uzobe esethatha lezi zi-
mbuzi ezimbili azimise pha-
mbi kukaJehova emnyango we-
tende lokuhlangana. **8** U-Aro-
ni uzokwenza inkatho ngalezi
zimbuzi ezimbili, enye inkatho
kube ekaJehova enye inkatho
kube eka-Azazeli.* **9** U-Aroni
uzoletha imbuzi edliwe inka-
tho[i] ukuba ibe ekaJehova aye-
nze umnikelo wesono. **10** Ko-
dwa imbuzi edliwe inkatho uku-
ba ibe eka-Azazeli kufanele ile-
thwe iphila, imiswe phambi ku-
kaJehova ukuze kwenziwe isi-
hlawulelo phezu kwayo, bese
ihanjiselwa u-Azazeli ehlane.[j]
**11** “U-Aroni uzoletha inku-
nzi yomnikelo wesono eqonde-
ne naye, enzele yena nendlu ya-
khe isihlawulelo; ngemva kwa-
lokho ayihlabe inkunzi yomni-
kelo wesono eqondene naye.[k]
**12** “Uzobe esethatha umce-
ngezi womlilo[l] ogcwele amala-
hle avuthayo avela e-altare[m]
phambi kukaJehova, agcwali-
se izandla zombili ngempepho
ecolekile enamakha,[a] akulethe
ngaphakathi kwekhethini.[b]
**13** Uzofaka impepho emlilwe-
ni phambi kukaJehova,[c] intu-
thu yempepho imboze isembo-
zo soMphongolo[d] esiphezu ko-
buFakazi,[e] ukuze angafi.
**14** “Uzothatha elinye igazi
lenkunzi[f] alifafaze ngomunwe
phambi kwesembozo ohlango-
thini olusempumalanga, afa-
faze elinye igazi ngomunwe
kasikhombisa phambi kwese-
mbozo.[g]
**15** “Uzobe esehlaba imbu-
zi yomnikelo wesono oqonde-
ne nabantu,[h] alethe igazi layo
ngaphakathi kwekhethini[i] fu-
thi ngegazi layo[j] enze ngendle-
la enze ngayo ngegazi lenkunzi;
alifafaze ngasesembozweni na-
phambi kwaso.
**16** “Kumele enzele indawo
engcwele isihlawulelo ngoku-
phathelene nezenzo zokungco-
la zama-Israyeli nangokupha-
thelene neziphambeko nezono
zawo,[k] yilokho okufanele akwe-
nze ngetende lokuhlangana, eli-
phakathi kwabo labo abenza
ukungcola.
**17** “Akekho omunye umuntu
okufanele abe setendeni loku-
hlangana kusukela ngesikhathi
angena ngaso ukuze enze isi-
hlawulelo endaweni engcwe-
le kuze kube yilapho ephuma.
Uzozenzela isihlawulelo enzele
nendlu yakhe[l] nalo lonke iba-
ndla lama-Israyeli.[m]
**18** “Uzobe esephuma aye
e-altare[n] eliphambi kukaJeho-
va, alenzele isihlawulelo, atha-
the elinye igazi lenkunzi neli-
nye igazi lembuzi aligcobe ezi-
mpondweni ze-altare nxazonke.
**19** Uzobuye afafaze elinye lale-
li gazi phezu kwalo ngomu-
nwe wakhe kasikhombisa alihla-
nze alingcwelise ezenzweni zo-
kungcola zama-Israyeli.

---

**16:4** *Noma, “izingubo.” #Noma, “inyama yakhe engamboziwe.” **16:8** *Kungenzeka lisho “Imbuzi Enyamalalayo.”

---

ISAHL. 16
a Eks 28:39
b Eks 28:42
c Eks 39:27, 29
d Eks 28:4
e Eks 28:2
f Eks 30:20; Heb 10:22
g Heb 7:27
h Heb 5:1-3
i IzA 16:33
j Lev 14:7, 53; Lev 16:21, 22; Isay 53:4; Rom 15:3
k Lev 16:6
l Heb 9:4
m Eks 40:29; Lev 6:13; Num 16:46

Uhla 2
a Eks 30:34-36; IsA 5:8; IsA 8:3-5
b Lev 16:2; Heb 6:19; Heb 10:19, 20
c Eks 25:22; 2Kh 19:15
d Eks 25:18, 21; 1Kr 28:11
e Eks 34:29
f Heb 9:22
g Rom 3:25; Heb 9:12; Heb 9:24, 25; Heb 10:4, 12
h Lev 16:5; Heb 2:17; Heb 5:1-3; Heb 9:26; 1Jo 2:1, 2
i Heb 6:19; Heb 9:3, 7; Heb 10:19, 20
j Lev 17:11
k Shu 7:20
l Lev 16:6
m Mar 10:45; Heb 2:9; Heb 7:27; Heb 9:7, 12; IsA 1:5
n Eks 38:1

**20** "Lapho eseqedile ukwe-
nzela indawo engcwele netende
lokuhlangana ne-altare[a] isihla-
wulelo,[b] uzoletha nembuzi ephi-
layo.[c] **21** U-Aroni uzobeka iza-
ndla zombili phezu kwenhlo-
ko yembuzi ephilayo avume
phezu kwayo wonke amaphu-
tha ama-Israyeli nazo zonke izi-
phambeko zawo nazo zonke
izono zawo, azibeke phezu kwe-
nhloko yembuzi,[d] umuntu okhe-
thelwe* ukuyihambisa ehla-
ne ayihambise. **22** Le mbuzi
izothwala wonke amaphutha
ama-Israyeli[e] iwayise ezweni eli-
wugwadule,[f] lowo muntu ayiha-
mbise ayiyise ehlane.[g]

**23** "U-Aroni uzobe esengena etendeni lokuhlangana, akhumule izingubo zelineni abezigqoke lapho engena endaweni engcwele, azibeke phansi. **24** Kumele ageze ngamanzi[h] endaweni engcwele agqoke izingubo zakhe;[i] bese ephuma anikele umnikelo wakhe oshiswayo[j] nomnikelo oshiswayo wabantu,[k] enzele yena nabantu isihlawulelo.[l] **25** Uzoshunqisa amanoni omnikelo wesono phezu kwe-altare.

**26** "Umuntu ohambise imbuzi ka-Azazeli[m] ehlane kufanele awashe izingubo zakhe, ageze ngamanzi, ngemva kwalokho usengangena ekamu.

**27** "Inkunzi yomnikelo wesono nembuzi yomnikelo wesono, okulethwe igazi lako endaweni engcwele ukuze kwenziwe isihlawulelo, kuzokhishelwa ngaphandle kwekamu, kuthi izikhumba zako nenyama yako nomswani wako kushiswe ngomlilo.[n] **28** Lowo okushisayo kufanele awashe izingubo zakhe, ageze ngamanzi, ngemva kwalokho usengangena ekamu.

**29** "Lokhu kuzoba umthetho waphakade kini: Ngenyanga yesikhombisa, ngosuku lweshumi lwenyanga, kufanele nidabuke,* akumele nenze noma yimuphi umsebenzi,[a] kungakhathaliseki ukuthi ngumuntu wokuzalwa noma isifiki phakathi kwenu. **30** Ngalolu suku niyokwenzelwa isihlawulelo[b] ukuze kuthiwe nihlanzekile. Niyohlanzeka kuzo zonke izono zenu phambi kukaJehova.[c] **31** Luyisabatha lokuphumula ngokuphelele kini futhi kufanele nidabuke.*[d] Kungumthetho waphakade.

**32** "Umpristi ogcotshiwe[e] futhi wamiswa ukuba abe umpristi[f] esikhundleni sikayise[g] uzokwenza isihlawulelo, agqoke izingubo zelineni,[h] izingubo ezingcwele.[i] **33** Uzokwenzela indlu engcwele,[j] itende lokuhlangana[k] ne-altare[l] isihlawulelo; uzokwenzela abapristi nabo bonke abantu bebandla isihlawulelo.[m] **34** Lokhu kuzoba umthetho waphakade kini,[n] ukuze kwenzelwe ama-Israyeli isihlawulelo ngokuphathelene nazo zonke izono zawo, kanye ngonyaka."[o]

Ngakho wenza njengoba nje uJehova ayemyalile uMose.

**17** UJehova waqhubeka wathi kuMose: **2** "Khuluma no-Aroni namadodana akhe nawo wonke ama-Israyeli, uthi kuwo, 'Yilokhu uJehova akuyalile:

**3** "'"Uma noma yimuphi umuntu wendlu ka-Israyeli ehlaba inkunzi noma iwundlu eliyiduna noma imbuzi ekamu noma

16:21 *Noma, "okulungele."

16:29 *Noma, "kufanele imiphefumulo yenu idabuke." Ukudabuka kuvame ukuqondwa njengokusho izinhlobo ezihlukahlukene zokuzincisha, kuhlanganise nokuzila ukudla. 16:31 *Noma, "kufanele imiphefumulo yenu idabuke."

ISAHL. 16
a Lev 16:16
b Heb 9:23
c Lev 16:8, 10
d Isay 53:5, 6; 2Ko 5:21
e Isay 53:12; Efe 1:7; Heb 9:28; 1Pe 2:24; 1Jo 3:5
f Hu 103:12; Heb 13:12
g Lev 16:10
h Eks 30:20
i Eks 28:4; Lev 8:7
j Lev 16:3
k Lev 16:5
l Efe 1:7
m Lev 16:8, 21
n Lev 4:11, 12; Heb 13:11, 12

Uhla 2
a Lev 23:27, 28; Num 29:7
b Joh 3:16; Rom 8:32; Tit 2:13, 14; 1Jo 1:7; 1Jo 3:16
c Jer 33:8; Heb 9:13, 14; Heb 10:2
d Lev 23:32
e Eks 29:4, 7; Lev 8:12
f Lev 8:33
g Num 20:26
h Eks 28:39; Eks 39:27, 28
i Eks 28:2; Eks 29:29; Lev 16:4
j Lev 16:16
k Lev 16:20
l Lev 16:18
m Lev 16:24; 1Jo 2:1, 2
n Lev 23:31; Num 29:7
o Eks 30:10; Heb 9:7

eyihlabela ngaphandle kwekamu, **4** esikhundleni sokuyiletha emnyango wetende lokuhlangana ukuze ibe umnikelo oya kuJehova phambi kwetabernakele likaJehova, lowo muntu uyoba necala legazi. Uchithe igazi futhi kumele abulawe.* **5** Lokhu kwenzelwa ukuba ama-Israyeli alethe imihlatshelo kuJehova, emnyango wetende lokuhlangana, kumpristi, imihlatshelo manje aseyenzela endle. Le mihlatshelo kufanele ayenzele uJehova njengemihlatshelo ehlanganyelwayo.[a] **6** Umpristi uzofafaza igazi e-altare likaJehova emnyango wetende lokuhlangana, ashunqise amanoni njengephunga elimnandi* kuJehova.[b] **7** Ngakho akusafanele imihlatshelo yawo ayenzele amademoni anjengezimbuzi,*[c] afeba nawo.[d] Lokhu kuyoba umthetho waphakade kini kuzo zonke izizukulwane zenu.”’

**8** “Kufanele uthi kuwo, ‘Noma yimuphi umuntu wendlu ka-Israyeli noma yisiphi isifiki esihlala phakathi kwenu, onikela umnikelo oshiswayo noma umhlatshelo **9** kodwa angawulethi emnyango wetende lokuhlangana azowunikela kuJehova, kumele abulawe.*[e]

**10** “‘Uma noma yimuphi umuntu wendlu ka-Israyeli noma yisiphi isifiki esihlala phakathi kwenu edla noma yiliphi igazi,[f] nakanjani ngiyomlahla lowo odla igazi futhi ngiyombulala.* **11** Ngoba ukuphila* kwenyama kusegazini[a] futhi mina ngilinike nina ukuze nizenzele# isihlawulelo e-altare,[b] ngoba yigazi elenza isihlawulelo[c] ngokuphila△ okukulo. **12** Yingakho ngithe kuma-Israyeli: “Akukho muntu* kini okufanele adle igazi futhi akukho sifiki esihlala phakathi kwenu[d] okufanele sidle igazi.”[e]

**13** “‘Uma noma yimuphi umuntu kuma-Israyeli noma isifiki esihlala phakathi kwenu ezingela abambe isilwane sasendle esidliwayo noma inyoni edliwayo, kumele athulule igazi lako[f] aligqibe ngomhlabathi. **14** Ngoba ukuphila* kwayo yonke inhlobo yenyama kuyigazi layo, ngoba ukuphila kukulo. Ngenxa yalokho ngathi kuma-Israyeli: “Akumele nidle igazi lanoma yiluphi uhlobo lwenyama ngoba ukuphila kwayo yonke inhlobo yenyama kuyigazi layo. Noma ubani olidlayo uzobulawa.”#[g] **15** Uma noma ubani edla isilwane esizifele noma esidwengulwe isilwane sasendle,[h] kungakhathaliseki ukuthi owokuzalwa noma isifiki, kumele awashe izingubo zakhe, ageze ngamanzi, abe ongcolile kuze kuhlwe;[i] ngemva kwalokho uzoba ohlanzekile. **16** Kodwa uma engaziwashi izingubo zakhe futhi engagezi,* uzophendula ngenxa yesiphambeko sakhe.’”[j]

**18** UJehova waqhubeka ekhuluma noMose, wathi: **2** “Khuluma nama-Israyeli, uthi kuwo, ‘NginguJehova uNkulunkulu wenu.[k] **3** Ningaziphathi

ISAHL. 17
a Lev 3:1, 2; Lev 7:11
b Lev 3:3-5; Lev 7:29-31
c Dut 32:17; Jos 24:14
d Eks 34:15; Dut 31:16
e Lev 1:3; Dut 12:5, 6; Dut 12:13, 14
f Gen 9:4; Lev 3:17; Lev 7:26; Lev 19:26; 1Sa 14:33; IzE 15:20, 29

Uhla 2
a Lev 17:14; Dut 12:23
b Lev 8:15; Lev 16:18
c Mat 26:28; Rom 3:25; Rom 5:9; Efe 1:7; Heb 9:22; Heb 13:12; 1Pe 1:2; 1Jo 1:7; IsA 1:5
d Eks 12:49
e Dut 12:23
f Dut 12:16; Dut 15:23
g Lev 17:10, 11
h Eks 22:31; Dut 14:21
i Lev 11:40
j Num 19:20

ISAHL. 18
k Gen 17:7; Eks 6:7

**17:4, 9** *Noma, “anqunywe kubantu bakubo.” **17:6** *Noma, “elanelisayo; elizolisayo.” NgesiHebheru, “elizolile.” **17:7** *NgesiHebheru, “ayenzele izimbuzi.” **17:10** *Noma, “ngiyomnquma kubantu bakubo.” **17:11, 14** *Noma, “umphefumulo.”

**17:11** #Noma, “nenzele imiphefumulo yenu.” △Noma, “ngomphefumulo.” **17:12** *Noma, “mphefumulo.” **17:14** #Noma, “uzonqunywa kubantu bakubo.” **17:16** *NgesiHebheru, “engagezi umzimba wakhe.”

ngendlela abaziphatha ngayo
abasezweni laseGibhithe enani-
hlala kulo, futhi akumele ne-
nze okwenziwa ezweni laseKha-
nani enginiletha kulo.[a] Ningaha-
mbi ngemithetho yabo. **4** Kufa-
nele nenze ngokuvumelana ne-
zinqumo zami zokwahlulela, ni-
gcine imithetho yami, nihambe
kuyo.[b] NginguJehova uNkulu-
nkulu wenu. **5** Kumele nigcine
imithetho yami nezinqumo zami
zokwahlulela; noma ubani owe-
nza kanjalo uyophila ngayo.[c]
NginguJehova.
**6** "'Akekho phakathi kwenu
okufanele asondele kunoma yi-
siphi isihlobo sakhe esisedu-
ze ukuze alale naso.*[d] Ngi-
nguJehova. **7** Akumele ulale
noyihlo, akumele ulale nonyo-
ko. Ungunyoko, akumele ulale
naye.
**8** "'Akumele ulale nomkayi-
hlo.[e] Kuwukuthela uyihlo nge-
hlazo.*
**9** "'Akumele ulale nodade-
wenu, kungaba indodakazi ka-
yihlo noma indodakazi kanyo-
ko, kungakhathaliseki ukuthi
nizalwa endlini eyodwa noma
uzalwa ngaphandle.[f]
**10** "'Akumele ulale nendoda-
kazi yendodana yakho noma ne-
ndodakazi yendodakazi yakho,
ngoba bangubunqunu bakho.
**11** "'Akumele ulale nendoda-
kazi yomkayihlo, inzalo kayi-
hlo, ngoba ingudadewenu.
**12** "'Akumele ulale nodade-
wabo kayihlo. Uyisihlobo sega-
zi sikayihlo.[g]
**13** "'Akumele ulale nodade-
wabo kanyoko, ngoba uyisihlo-
bo segazi sikanyoko.
**14** "'Akumele uthele umfo-
wabo kayihlo ngehlazo* ngoku-
lala nomkakhe. Unguyihlokazi.[a]
**15** "'Akumele ulale nomalo-
kazana wakho.[b] Ungumkando-
dana yakho, akumele ulale
naye.
**16** "'Akumele ulale nomka-
mfowenu[c] ngoba lokho kuwu-
kuthela umfowenu ngehlazo.*
**17** "'Akumele ulale nowesi-
fazane nendodakazi yakhe.[d]
Akumele uthathe indodakazi
yendodana yakhe nendodakazi
yendodakazi yakhe ukuze ulale
nayo. Bayizihlobo zakhe ezise-
duze; yihlazo.*
**18** "'Akumele uthathe owe-
sifazane kanye nodadewabo
umenze inkosikazi eyimbangi[e]
futhi ulale naye udadewabo
esaphila.
**19** "'Akumele usondele ko-
wesifazane ngesikhathi kuphu-
ma ukungcola kokuya esikha-
thini ukuze ulale naye.[f]
**20** "'Akumele ulale nomfa-
zi womunye umuntu,* uzingco-
lise.[g]
**21** "'Akumele uvumele no-
ma iyiphi inzalo yakho uku-
ba inikelwe kuMoloki.[h] Akume-
le ungcolise igama likaNkulu-
nkulu wakho ngaleyo ndlela.[i]
NginguJehova.
**22** "'Akumele ulale nowesili-
sa ngendlela olala ngayo no-
wesifazane.[j] Kuyinto enyanye-
kayo.
**23** "'Owesilisa akumele ala-
le nesilwane azingcolise ngaso,
nowesifazane akufanele aye esi-
lwaneni ukuze alale naso.[k] Ku-
wukweqa umthetho wemvelo.

---

**18:6** *NgesiHebheru, "embule ubunqunu baso," lapha nasezindaweni ezilandelayo elizovela kuzo. **18:8** *NgesiHebheru, "Kuwubunqunu bukayihlo."

**18:14** *NgesiHebheru, "wembule ubunqunu bomfowabo kayihlo." **18:16** *NgesiHebheru, "kuwubunqunu bomfowenu." **18:17** *Noma, "ukuziphatha okuyihlazo; ichilo." **18:20** *Noma, "nomkamakhelwane; nomkamngani wakho."

---

**ISAHL. 18**
a Eks 23:24; Lev 20:23
b Lev 20:22; Dut 4:1
c Luk 10:27, 28; Rom 10:5; Gal 3:12
d Lev 20:17
e Gen 35:22; Gen 49:4; Lev 20:11; Dut 27:20; 2Sa 16:21; 1Ko 5:1
f Lev 20:17; Dut 27:22; 2Sa 13:10-12
g Lev 20:19

**Uhla 2**
a Lev 20:20
b Lev 20:12
c Lev 20:21; Dut 25:5; Mar 6:17, 18
d Lev 20:14; Dut 27:23
e Gen 30:15
f Lev 15:19, 24; Lev 20:18
g Eks 20:14; Lev 20:10; Dut 22:22; IzA 6:29; Mat 5:27, 28; 1Ko 6:9, 10; Heb 13:4
h Lev 20:2; Dut 18:10; 1Kh 11:7; 2Kh 23:10
i Lev 20:3
j Gen 19:5; Lev 20:13; Hlu 19:22; Rom 1:26, 27; 1Ko 6:9, 10; Jud 7
k Eks 22:19; Lev 20:15, 16

**24** "'Ningazingcolisi ngano-
ma yini kulezi zinto, ngo-
ba izizwe engizixosha pha-
mbi kwenu zizingcolise ngazo
zonke lezi zinto.[a] **25** Ngakho
izwe lingcolile, ngizolijezisa
ngenxa yesiphambeko salo, fu-
thi leli zwe lizobahlanza* aba-
khe kulo.[b] **26** Kodwa nina ku-
mele nigcine imithetho yami
nezinqumo zami zokwahlule-
la,[c] akumele nenze noma yini
kulezi zinto ezinyanyekayo, ku-
ngakhathaliseki ukuthi ngo-
wokuzalwa noma isifiki esihla-
la phakathi kwenu.[d] **27** Ngo-
ba abantu ababehlala kuleli
zwe ngaphambi kwenu baze-
nza zonke lezi zinto ezinya-
nyekayo,[e] manje izwe lingcolile.
**28** Ngenxa yalokho, izwe nge-
ke kudingeke linihlanze ngenxa
yokulingcolisa ngendlela efa-
nayo nelizohlanza ngayo izizwe
ezibe khona ngaphambi kwe-
nu. **29** Uma noma ubani enza
noma iyiphi yalezi zinto ezi-
nyanyekayo, bonke abazenzayo
kumele babulawe.* **30** Kume-
le nigcine isibopho senu kimi
ngokungenzi noma yiliphi ema-
sikweni anyanyekayo ayenziwa
ngaphambi kwenu,[f] ukuze ni-
ngazingcolisi ngawo. Ngingu-
Jehova uNkulunkulu wenu.'"

**19** UJehova waqhubeka
ekhuluma noMose, wathi:
**2** "Khuluma nayo yonke inhla-
ngano yama-Israyeli, uthi kuyo,
'Kufanele nibe ngcwele, ngo-
ba mina Jehova uNkulunkulu
wenu ngingcwele.[g]

**3** "'Ngamunye wenu ku-
fanele ahloniphe* uyise no-
nina[h] futhi kufanele nigcine
amasabatha ami.[i] NginguJeho-
va uNkulunkulu wenu. **4** Ni-
ngaphendukeli konkulunkulu
abangasizi ngalutho[a] noma ni-
zenzele onkulunkulu bensi-
mbi.[b] NginguJehova uNkulu-
nkulu wenu.

**5** "'Uma ninikela kuJehova
umhlatshelo ohlanganyelwayo,[c]
kufanele niwunikele ngendlela
yokuba nizitholele ukwamuke-
lwa.[d] **6** Kufanele udliwe ngo-
suku enenza ngalo umhlatshe-
lo nangosuku olulandelayo, ko-
dwa okusele kwaze kwaba usu-
ku lwesithathu kufanele kushi-
swe ngomlilo.[e] **7** Nokho, uma
kudliwa noma yimuphi wawo
ngosuku lwesithathu, kuyinto
enengekayo engeke yamuke-
leke. **8** Owudlayo uyophendu-
la ngesiphambeko sakhe ngoba
ungcolise into engcwele kaJe-
hova, lowo muntu kumele abu-
lawe.*

**9** "'Lapho nivuna isivuno se-
zwe lenu, akumele nivune ko-
nke emaphethelweni ensimu
yenu, futhi ningakhothozi* la-
pho nivuna.[f] **10** Ungazibuthi
izinsalela ensimini yakho ya-
magilebhisi noma ucoshe ama-
gilebhisi awile ensimini yakho.
Kufanele uzishiyele ohlupheka-
yo*[g] nesifiki. NginguJehova
uNkulunkulu wenu.

**11** "'Ningebi,[h] ningakhohlisi,[i]
ningasebenzelani ngokungathe-
mbeki nabanye. **12** Akumele
nifunge igama lami entweni
engamanga,[j] ningcolise iga-
ma likaNkulunkulu wenu.
NginguJehova. **13** Ungampha-
mbi omunye umuntu[k] futhi
ungamphangi.[l] Akufanele uwu-
godle ubusuku bonke kuze
kube sekuseni umholo wesise-
benzi esiqashiwe.[m]

---

**18:25** *Noma, "lizobaphalaza." **18:29** *Noma, "banqunywe kubantu bakubo." **19:3** *NgesiHebheru, "esabe."

**19:8** *Noma, "anqunywe kubantu bakubo." **19:9** *Noma, "ningabuthi okusele." **19:10** *Noma, "ompofu."

---

**ISAHL. 18**
a Lev 20:23; Dut 18:12
b Gen 15:16
c Lev 20:22; Dut 4:1, 40
d Eks 12:49
e Dut 20:17, 18; 2Kh 16:2, 3; 2Kh 21:1, 2
f Lev 18:3; Lev 20:23; Dut 18:9

**ISAHL. 19**
g Lev 11:44; Isay 6:3; 1Pe 1:15, 16; IsA 4:8
h Eks 20:12; Efe 6:2; Heb 12:9
i Eks 20:8, 11; Eks 31:13; Luk 6:5

**Uhla 2**
a Lev 26:1; Hu 96:5; Hab 2:18; 1Ko 10:14
b Eks 20:4, 23; Dut 27:15
c Lev 3:1
d Lev 7:11, 12
e Lev 7:17, 18
f Lev 23:22; Dut 24:19
g Dut 15:7
h Eks 20:15; Efe 4:28
i Lev 6:2; IzA 12:22; Efe 4:25
j Eks 20:7; Mat 5:33, 37; Jak 5:12
k IzA 22:16; Mar 10:19
l IzA 22:22
m Dut 24:15; Jer 22:13; Jak 5:4

**14** "'Ungamqalekisi umuntu
oyisithulu noma ubeke isikhu-
bekiso phambi kwempumpu-
the,[a] kumele umesabe uNkulu-
nkulu wakho.[b] NginguJehova.
**15** "'Akumele nahlulele nge-
ndlela engenabulungisa. Unga-
mbandlululi umuntu ohluphe-
kayo noma ukhethe isicebi.[c]
Kufanele wahlulele omunye
umuntu ngobulungisa.
**16** "'Akumele uhambe usa-
kaza inkulumo enyundelayo
phakathi kwabantu bakini.[d]
Ungazami ukubulala omunye*
umuntu.#[e] NginguJehova.
**17** "'Ungamzondi umfowenu
enhliziyweni yakho.[f] Kufanele
umsole impela umuntu waki-
ni[g] ukuze ungabi nesono kanye
naye.
**18** "'Ungaphindiseli[h] noma
ubambele amadodana abantu
bakini igqubu, kumele uthande
omunye umuntu njengoba uzi-
thanda wena.[i] NginguJehova.
**19** "'Kufanele nigcine imi-
thetho yami: Akumele uzala-
nise izilwane zakho ezifuywa-
yo zezinhlobo ezimbili. Ungayi-
hlwanyeli insimu yakho ngezi-
nhlobo ezimbili zembewu,[j] fu-
thi ungayigqoki ingubo eye-
nziwe ngezinhlobo ezimbili ze-
ndwangu ezixutshanisiwe.[k]
**20** "'Uma indoda ilala no-
wesifazane ebe eyincekuka-
zi ethenjiswe enye indoda, ko-
dwa engazange ahlengwe noma
anikezwe inkululeko, kufanele
kube nesijeziso. Nokho, akufa-
nele babulawe, ngoba wayenga-
kakhululwa. **21** Kufanele ile-
the umnikelo wayo wecala ku-
Jehova emnyango wetende lo-
kuhlangana, inqama yomnike-
lo wecala.[a] **22** Umpristi uzo-
yenzela isihlawulelo ngenqama
yomnikelo wecala phambi ku-
kaJehova ngenxa yesono ese-
nzile, isono esenzile sizothe-
thelelwa.
**23** "'Lapho nifika ezweni,
bese nitshala noma yisiphi isi-
hlahla sezithelo, kumele nibhe-
ke izithelo zaso njengezingco-
lile nezinqatshelwe ukudliwa.
Kuyophela iminyaka emithathu
nenqatshelwe ukusidla.* Aku-
fanele sidliwe. **24** Kodwa ngo-
nyaka wesine, zonke izithelo
zaso ziyoba ngcwele, kuyoba
isikhathi sokwethaba phambi
kukaJehova.[b] **25** Ngonyaka
wesihlanu ningadla izithelo
zaso ukuze nenezele umkhiqizo
waso esivunweni senu. Ngingu-
Jehova uNkulunkulu wenu.
**26** "'Akumele nidle lutho olu-
negazi.[c]
"'Ningawabheki amabika no-
ma nenze imilingo.[d]
**27** "'Akumele nigunde* izi-
nwele ezisezinhlangothini za-
makhanda enu,# noma nisuse
umkhawulo wentshebe yenu.△[e]
**28** "'Akumele nizisike inya-
ma ngenxa yomuntu oshonile*[f]
futhi akumele nizidwebe emzi-
mbeni. NginguJehova.
**29** "'Ungayihlazi indodaka-
zi yakho ngokuyenza isifebe,[g]
ukuze izwe lingangcoliswa ubu-
febe, ligcwale ukuziphatha oku-
xekethile.[h]
**30** "'Kumele nigcine amasa-
batha ami[i] futhi nibonise inhlo-

**19:16** *NgesiHebheru, "ukumelana ne-
gazi lomunye." #Noma kungaba, "Aku-
mele ubukele lapho ukuphila komunye
umuntu kusengozini."

**19:23** *NgesiHebheru, "singasokiwe."
**19:27** *Noma, "niphungule." #Noma,
"nigunde amahwanqa enu." △Lokhu
kubonakala kubhekisela emikhubeni
ethile yabantu ababengamkhonzi uNku-
lunkulu. **19:28** *Noma, "yomphefumu-
lo." Igama lesiHebheru elithi *ne'phesh*
lapha libhekisela kumuntu ofile.

**ISAHL. 19**
a Dut 27:18
b Lev 25:17, Neh 5:15, IzA 1:7, IzA 8:13, 1Pe 2:17
c Eks 23:3, Dut 1:16, 17, Dut 16:19, 2Kr 19:6, Rom 2:11, Jak 2:9
d Hu 15:1, 3
e Eks 20:16, 1Kh 21:13
f IzA 10:18, 1Jo 2:9, 1Jo 3:15
g Hu 141:5, IzA 9:8, Mat 18:15
h IzA 20:22, Rom 12:19
i Mat 5:43, 44, Mat 22:39, Rom 13:9, Gal 5:14, Jak 2:8
j Dut 22:9
k Dut 22:11

**Uhla 2**
a Lev 6:6, 7
b Dut 26:1, 2, IzA 3:9
c Lev 3:17, Lev 17:13, Dut 12:23, IzE 15:20, 29
d Eks 8:7, Dut 18:10-12, Gal 5:19, 20, IsA 21:8
e Lev 21:1, 5
f Dut 14:1
g Dut 23:17
h Heb 13:4, 1Pe 4:3
i Eks 20:10, Eks 31:13

nipho* ngendlu yami engcwele.
NginguJehova.
**31** "'Ningaphendukeli kwa-
basebenzelana nemimoya[a] fu-
thi ningayi kubabikezeli beku-
sasa,[b] ukuze baningcolise. Ngi-
nguJehova uNkulunkulu wenu.
**32** "'Kufanele usukume pha-
mbi kwempunga,[c] uhloniphe
umuntu omdala,[d] wesabe uNku-
lunkulu wakho.[e] NginguJehova.
**33** "'Uma isifiki sihlala ezwe-
ni lenu, akumele nisipha-
the kabi.[f] **34** Isifiki esihlala
nani kufanele sifane nowoku-
zalwa kini;[g] kumele nisithande
njengoba nizithanda nina, ngo-
ba naniyizifiki ezweni laseGibhi-
the.[h] NginguJehova uNkulunku-
lu wenu.
**35** "'Akumele ningathembe-
ki lapho nikala ubude, isi-
sindo noma ubuningi bento.[i]
**36** Kufanele nisebenzise izikali
ezinembile, izisindo ezinembi-
le, isilinganiso esinembile sezi-
nto ezomile* nesilinganiso esi-
nembile sezinto eziwuketshe-
zi.#[j] NginguJehova uNkulunku-
lu wenu, owanikhipha ezweni
laseGibhithe. **37** Ngakho ku-
mele nigcine yonke imithetho
yami nazo zonke izinqumo
zami zokwahlulela futhi ku-
mele nikwenze.[k] NginguJeho-
va.'"

**20** UJehova waqhubeka
ekhuluma noMose, wathi:
**2** "Kufanele uthi kuma-Israyeli,
'Noma yimuphi umuntu wakwa-
Israyeli noma oyisifiki ohlala
kwa-Israyeli, onikela ngano-
ma iyiphi inzalo yakhe kuMo-
loki, kufanele abulawe nakanja-
ni.[a] Abantu bezwe kufanele
bamshaye ngamatshe aze afe.
**3** Mina ngokwami ngiyomelana
nalowo muntu, futhi ngiyombu-
lala* ngoba unikele ngenye ye-
nzalo yakhe kuMoloki, wangco-
lisa indawo yami engcwele[b] ne-
gama lami elingcwele. **4** Uma
abantu bezwe bengavala ame-
hlo abo ngamabomu kulokho
okwenziwa yilowo muntu la-
pho enikela ngenzalo yakhe
kuMoloki futhi bangambulali,[c]
**5** nakanjani mina ngiyomelana
nalowo muntu nomndeni wa-
khe.[d] Ngiyombulala* lowo mu-
ntu kanye nabo bonke abahla-
nganyela naye ekufebeni noMo-
loki.
**6** "'Ngokuqondene nomuntu
ophendukela kwabasebenzela-
na nemimoya[e] nakubabikeze-
li bekusasa[f] ukuze afebe nabo
ngokomoya,* nakanjani ngiyo-
melana nalowo muntu ngimbu-
lale.#[g]
**7** "'Kumele nizingcwelise
nibe ngcwele[h] ngoba ngingu-
Jehova uNkulunkulu wenu.
**8** Kumele nigcine imithetho
yami futhi niyenze.[i] NginguJe-
hova oningcwelisayo.[j]
**9** "'Uma kukhona noma yi-
muphi umuntu oqalekisa uyi-
se noma unina, kufanele abu-
lawe nakanjani.[k] Ngenxa yoku-
thi uqalekise uyise noma uni-
na, igazi lakhe liphezu kwakhe.
**10** "'Ngokuqondene nendo-
da ephinga nomfazi wenye
indoda: Umuntu ophinga no-
mfazi wenye indoda kufane-
le abulawe nakanjani, isiphi-
ngi nesiphingikazi.[l] **11** Indo-
da elala nomkayise ithele uyise

---

**19:30** *Noma, "nihlale nithuthumela." NgesiHebheru, "nesabe." **19:36** *NgesiHebheru, "i-efa elinembile." Bheka iSithasiselo B14. #NgesiHebheru, "nehini elinembile." Bheka iSithasiselo B14.

**20:3** *Noma, "ngiyomnquma phakathi kwabantu bakubo." **20:5** *Noma, "Ngiyomnquma phakathi kwabantu bakubo." **20:6** *Noma, "angathembeki kimi." #Noma, "ngimnqume phakathi kwabantu bakubo."

---

ISAHL. 19
a Lev 20:6; Dut 18:10-12; 1Kr 10:13; Isay 8:19
b Lev 20:27; IzE 16:16
c IzA 16:31; IzA 20:29
d Job 32:6; IzA 23:22; 1Ti 5:1
e Job 28:28; IzA 1:7; IzA 8:13; 1Pe 2:17
f Eks 23:9
g Eks 12:49
h Eks 22:21
i Dut 25:13, 15; IzA 20:10
j IzA 11:1
k Lev 18:5; Dut 4:6

Uhla 2

ISAHL. 20
a Lev 18:21; Dut 18:10
b Hez 5:11
c Dut 13:6-9
d Eks 20:5
e Lev 19:31; Dut 18:10-12; Gal 5:19, 20; IsA 21:8
f Lev 20:27; IzE 16:16
g 1Kr 10:13
h Lev 11:44; 1Pe 1:15, 16
i Lev 18:4; Shu 12:13
j Eks 31:13; Lev 21:8; 1Th 5:23; 2Th 2:13
k Eks 21:17; Dut 27:16; IzA 20:20; Mat 15:4
l Dut 5:18; Dut 22:22; Rom 7:3; 1Ko 6:9, 10

ngehlazo.*[a] Bobabili kufanele
babulawe nakanjani. Igazi labo
liphezu kwabo. **12** Uma indo-
da ilala nomalokazana wayo,
bobabili kufanele babulawe
nakanjani. Baphule umthetho
wemvelo. Igazi labo liphezu
kwabo.[b]

**13** "'Uma indoda ilala nowe-
silisa ngendlela elala ngayo no-
wesifazane, bobabili benze into
enyanyekayo.[c] Kufanele babula-
we nakanjani. Igazi labo liphe-
zu kwabo.

**14** "'Uma indoda ithatha
owesifazane kanye nonina, ku-
yihlazo lokho.*[d] Kufanele ba-
yishise ngomlilo kanye nabo,[e]
ukuze ukuziphatha okuyihlazo
kungaqhubeki phakathi kwenu.

**15** "'Uma indoda ilala nesi-
lwane, kufanele ibulawe naka-
njani, kufanele nibulale nale-
so silwane.[f] **16** Uma owesifa-
zane eya kunoma yisiphi isi-
lwane ukuze alale naso,[g] kume-
le nimbulale owesifazane nesi-
lwane. Kufanele babulawe na-
kanjani. Igazi labo liphezu
kwabo.

**17** "'Uma indoda ilala no-
dadewabo, indodakazi kayise
noma kanina, ibone ubunqunu
bakhe, naye abone ubunqunu
bayo, kuyihlazo.[h] Kumele babu-
lawe* phambi kwabantu baku-
bo. Ithele udadewabo ngehla-
zo.# Kufanele iphendule ngesi-
phambeko sayo.

**18** "'Uma indoda ilala nowe-
sifazane osesikhathini, bobabi-
li bambule umthombo wegazi
lakhe.[i] Kumele babulawe* bo-
babili.

**19** "'Akumele ulale nodade-
wabo kanyoko noma nodade-
wabo kayihlo, ngoba lokho ku-
yobe kuwukuthela isihlobo sa-
kho segazi ngehlazo.[a] Kufane-
le baphendule ngesiphambeko
sabo. **20** Indoda elala nomfazi
womfowabo kayise ithele umfo-
wabo kayise ngehlazo.*[b] Kufa-
nele baphendule ngesono sabo.
Kufanele bafe bengenamntwa-
na. **21** Uma indoda ithatha
umkamfowabo, kuyinto enya-
nyekayo.[c] Ithele umfowabo nge-
hlazo.* Kufanele bangabi naba-
ntwana.

**22** "'Kumele nigcine yonke
imithetho yami nazo zonke izi-
nqumo zami zokwahlulela[d] fu-
thi nikwenze,[e] ukuze izwe engi-
niletha kulo ukuba nihlale
kulo linganihlanzi linikhiphe.[f]
**23** Akumele nihambe ngemi-
thetho yezizwe engizixosha
phambi kwenu;[g] ngoba zizenzi-
le zonke lezi zinto futhi ngiya-
zenyanya.[h] **24** Yingakho ngi-
the kini: "Niyodla ifa lezwe lazo
futhi mina ngiyolinika nina
libe ifa lenu, izwe eligeleza ubi-
si noju.[i] NginguJehova uNku-
lunkulu wenu, onihlukanisile
kwezinye izizwe."[j] **25** Kumele
nihlukanise phakathi kwesi-
lwane esihlanzekile nesingcoli-
le naphakathi kwenyoni engco-
lile nehlanzekile;[k] akumele ni-
zenze nenyanyeke ngenxa yesi-
lwane noma inyoni nanoma
yini ehuquzela emhlabathini
enginihlukanisele yona nga-
thi ingcolile.[l] **26** Kumele nibe
ngcwele kimi ngoba mina Jeho-
va ngingcwele[m] futhi ngiyani-
hlukanisa kwezinye izizwe uku-
ze nibe ngabami.[n]

ISAHL. 20
*a* Lev 18:8, Dut 27:20
*b* Lev 18:15, 29
*c* Gen 19:5, Lev 18:22, Hlu 19:22, Rom 1:26, 27, 1Ko 6:9, 10, Jud 7
*d* Lev 18:17, Dut 27:23
*e* Lev 21:9
*f* Eks 22:19, Dut 27:21
*g* Lev 18:23
*h* Lev 18:9, Dut 27:22
*i* Lev 18:19

Uhla 2
*a* Lev 18:12, 13
*b* Lev 18:14
*c* Lev 18:16, Dut 25:5
*d* Eks 21:1, Dut 5:1
*e* Shu 12:13
*f* Lev 18:26, 28
*g* Lev 18:3, 24, Dut 12:30
*h* Lev 18:27, Dut 9:5
*i* Eks 3:17, Eks 6:8, Dut 8:7-9, Hez 20:6
*j* Eks 19:5, Eks 33:16, 1Kh 8:53, 1Pe 2:9
*k* Lev 11:46, 47, Dut 14:4-20
*l* Lev 11:43
*m* Lev 19:2, Hu 99:5, 1Pe 1:15, 16, IsA 4:8
*n* Dut 7:6

**20:11** *NgesiHebheru, "yambule ubunqunu bukayise." **20:14** *Noma, "kuwukuziphatha okuyihlazo; ichilo." **20:17** *Noma, "banqunywe." #NgesiHebheru, "Yambule ubunqunu bukadadewabo." **20:18** *Noma, "banqunywe phakathi kwabantu bakubo."

**20:20** *NgesiHebheru, "yambule ubunqunu bomfowabo kayise." **20:21** *NgesiHebheru, "Yambule ubunqunu bukamfowabo."

**27** "'Noma iyiphi indoda noma owesifazane osebenzelana nemimoya noma obikezela ikusasa,* kufanele abulawe nakanjani.[a] Abantu kufanele bamshaye ngamatshe aze afe. Igazi lakhe liphezu kwakhe.'"

**21** UJehova waqhubeka wathi kuMose: "Khuluma nabapristi, amadodana ka-Aroni, uthi kubo, 'Akukho muntu okufanele azingcolise ngenxa yomuntu oshonile* phakathi kwabantu bakubo.[b] **2** Kodwa angazingcolisa ngenxa yesihlobo sakhe segazi esiseduze, unina, uyise, indodana yakhe, indodakazi yakhe, umfowabo, **3** nangenxa kadadewabo asondelene naye uma eyintombi nto futhi engakashadi. **4** Angazingcolisi futhi azenze angahlanzeki ngenxa yowesifazane ongumkamuntu phakathi kwabantu bakubo. **5** Akufanele baphuce amakhanda abo,[c] noma baphuce umkhawulo wentshebe yabo, noma bazisike imizimba yabo.[d] **6** Kufanele babe ngcwele kuNkulunkulu wabo,[e] akufanele bangcolise igama likaNkulunkulu wabo,[f] ngoba baletha iminikelo kaJehova eshiswa emlilweni, isinkwa* sikaNkulunkulu wabo, kumele babe ngcwele.[g] **7** Akufanele bashade nesifebe,[h] owesifazane ongaseyona intombi nto noma owesifazane odivose nomyeni wakhe,[i] ngoba umpristi ungcwele kuNkulunkulu wakhe. **8** Kumele umngcwelise[j] ngoba uyena oletha isinkwa sikaNkulunkulu wakho. Kufanele abe ngcwele kuwe ngoba mina Jehova oningcwelisayo ngingcwele.[k]

**9** "'Uma indodakazi yompristi izingcolisa ngokufeba, ingcolisa uyise. Kufanele ishiswe emlilweni.[a]

**10** "'Umpristi ophakeme kubafowabo, okuthelwa ekhanda lakhe amafutha okugcoba[b] futhi omiselwe ukuba agqoke izingubo zabapristi,[c] akufanele ayeke ikhanda lakhe lihlale lingalungisiwe, noma aklebhule izingubo zakhe.[d] **11** Akufanele asondele kunoma yimuphi umuntu ofile;*[e] akufanele azingcolise ngisho nangenxa kayise noma unina. **12** Akufanele aphume endlini engcwele, akufanele angcolise indlu engcwele kaNkulunkulu wakhe,[f] ngoba uphawu lokuzinikezela, amafutha okugcoba kaNkulunkulu wakhe,[g] luphezu kwakhe. NginguJehova.

**13** "'Kumele athathe owesifazane oseyintombi nto abe umkakhe.[h] **14** Akufanele ashade nomfelokazi, owesifazane odivosile, ongaseyona intombi nto, noma isifebe; kodwa kufanele athathe intombi nto kubantu bakubo ibe umkakhe. **15** Akufanele angcolise inzalo* yakhe phakathi kwabantu bakubo[i] ngoba mina nginguJehova omngcwelisayo.'"

**16** UJehova waqhubeka ekhuluma noMose, wathi: **17** "Yithi ku-Aroni, 'Akukho muntu onesici enzalweni* yakho, kuzo zonke izizukulwane zayo, ongasondela ukuze alethe isinkwa sikaNkulunkulu wakhe. **18** Uma kukhona noma yimuphi umuntu onesici, makangasondeli: umuntu oyimpumputhe noma olunyonga noma onobuso

**20:27** *Noma, "onomoya wokubikezela." **21:1** *Noma, "yomphefumulo." **21:6** *Noma, "ukudla," kubhekiselwa emihlatshelweni.

**21:11** *Noma, "umphefumulo." Igama lesiHebheru elithi *ne'phesh* lapha lihlobene nelesiHebheru elisho "ofile." **21:15** *NgesiHebheru, "imbewu." **21:17** *NgesiHebheru, "embewini."

**ISAHL. 20**
a Eks 22:18, Lev 19:31, Lev 20:6, Dut 18:10-12, IsA 21:8

**ISAHL. 21**
b Num 19:14
c Dut 14:1
d Lev 19:27, 28
e Eks 29:44
f Lev 18:21, Lev 19:12, Lev 22:32
g Isay 52:11, 1Pe 1:15, 16
h Lev 19:29
i Dut 24:1, Hez 44:22
j Eks 28:41
k Eks 28:36, Lev 11:45, Lev 20:7, 8

**Uhla 2**
a Lev 20:14
b Lev 8:12
c Eks 28:2, Eks 29:29, Lev 16:32
d Gen 37:34, Lev 10:6
e Num 6:7, Num 19:11, 14
f Lev 10:7
g Lev 8:12
h Hez 44:22
i Ezr 9:2

obulimele* noma onomlenze
noma ingalo ende kakhulu kune-
nye, **19** umuntu olimele onya-
weni noma esandleni, **20** one-
sifumbu noma omfushane ngo-
ba ekhubazekile* noma umu-
ntu onesifo emehlweni noma
onotwayi noma onombanda-
mu noma olimele emasendeni.[a]
**21** Akukho muntu onesici enza-
lweni* ka-Aroni umpristi onga-
sondela alethe iminikelo kaJe-
hova eshiswa emlilweni. Nge-
nxa yokuthi unesici, makanga-
sondeli alethe isinkwa sika-
Nkulunkulu wakhe. **22** Angasi-
dla isinkwa sikaNkulunkulu wa-
khe esivela ezintweni ezingcwe-
lengcwele[b] nasezintweni ezi-
ngcwele.[c] **23** Nokho, makanga-
sondeli ekhethinini[d] futhi maka-
ngasondeli e-altare[e] ngoba ku-
nesici kuye; akufanele angcolise
indlu yami engcwele[f] ngoba ngi-
nguJehova obangcwelisayo.'"[g]
**24** Ngakho uMose wakhulu-
ma no-Aroni namadodana akhe
nawo wonke ama-Israyeli.

**22** UJehova waqhubeka
ekhuluma noMose, wathi:
**2** "Tshela u-Aroni namadoda-
na akhe ukuthi kufanele bana-
kisise indlela abaphatha ngayo
izinto* ezingcwele zama-Israye-
li futhi bangalingcolisi igama
lami elingcwele[h] ngokuqondene
nezinto abazingcwelisela mina.[i]
NginguJehova. **3** Uthi kuwo,
'Kuzo zonke izizukulwane
zenu, noma ubani enzalweni
yenu okuthi lapho esangcolile
asondele ezintweni ezingcwe-
le, ama-Israyeli azingcwelisela
uJehova, lowo muntu* uzobu-
lawa.*[a] NginguJehova. **4** Aku-
kho muntu wenzalo ka-Aroni
onochoko[b] noma ophuma uku-
ngcola esithweni sangasese[c]
ongadla ezintweni ezingcwele
kuze kube yilapho ehlanzeka,[d]
kungaba umuntu othinta umu-
ntu ongcoliswe umuntu osho-
nile,*[e] noma umuntu ophu-
ma isidoda,[f] **5** umuntu othi-
nta isilwane esincane esibhu-
zayo esingcolile[g] noma othi-
nta umuntu ongcoliswe yino-
ma ubani ongamenza angco-
le.[h] **6** Umuntu othinta noma
yini yalezi zinto uzoba ongcoli-
le kuze kuhlwe futhi ngeke
adle noma iyiphi yezinto ezi-
ngcwele, kodwa kufanele age-
ze ngamanzi.[i] **7** Lapho ilanga
selishonile, uzoba ohlanzeki-
le, kamuva angadla ezintwe-
ni ezingcwele ngoba zinguku-
dla kwakhe.[j] **8** Akufanele adle
noma isiphi isilwane esizifele
noma ngabe yini edwengulwe
isilwane sasendle ukuze sim-
ngcolise.[k] NginguJehova.

**9** "'Kumele bagcine isibopho
sabo kimi ukuze bangabi neso-
no ngenxa yaso bese kudingeka
bafe ngenxa yaso ngoba bebe-
singcolisa. NginguJehova oba-
ngcwelisayo.

**10** "'Akukho muntu ongagu-
nyaziwe* ongadla into engcwe-
le.[l] Akukho sivakashi sompri-
sti esiyisifiki noma isisebe-
nzi esiqashiwe esingadla into
engcwele. **11** Kodwa uma um-
pristi ethenga othile ngema-
li yakhe, lowo muntu anga-
hlanganyela ekuyidleni. Izi-
gqila ezizalwe endlini yakhe
nazo zingahlanganyela ekudle-
ni ukudla kwakhe.[m] **12** Uma

ISAHL. 21
a Dut 23:1
b Lev 2:10; Lev 6:14, 16; Lev 24:8, 9; Num 18:9
c Lev 22:10; Num 18:19
d Eks 30:6
e Eks 38:1
f Eks 25:8
g Eks 28:41

ISAHL. 22
h Lev 21:6
i Eks 28:38; Num 18:32

Uhla 2
a Lev 7:20
b Lev 13:2
c Lev 15:2
d Lev 14:2; Lev 15:13
e Lev 21:1; Num 19:11, 22
f Lev 15:16
g Lev 11:24, 43
h Lev 15:7, 19
i Num 19:6, 7
j Num 18:11
k Eks 22:31; Lev 17:15; Dut 14:21
l Eks 29:33
m Num 18:11

**21:18** *NgesiHebheru, "noma onekhala elidebezekile." **21:20** *Noma kungaba, "ozace kakhulu." **21:21** *NgesiHebheru, "embewini." **22:2** *NgesiHebheru, "kufanele bazihlukanise nezinto." **22:3** *Noma, "mphefumulo."

**22:3** *Noma, "uzonqunywa phambi kwami." **22:4** *Noma, "umphefumulo." **22:10** *NgesiHebheru, "Akukho sihambi," okuwukuthi, umuntu ongeyena owomndeni ka-Aroni.

indodakazi yompristi ishada
nomuntu ongeyena umpristi,*
ngeke iwudle umnikelo we-
zinto ezingcwele. **13** Kodwa
uma indodakazi yompristi iba
umfelokazi noma umyeni wayo
eyidivosile, ingenazo izinga-
ne futhi ibuyele endlini kayi-
se njengasebusheni bayo, inga-
dla ekudleni kukayise;[a] kodwa
akukho muntu ongagunyaziwe*
ongakudla.

**14** "'Uma umuntu edla into
engcwele ngephutha, kume-
le enezele kuyo okwesihlanu
kwenani layo, anike umpristi
umnikelo ongcwele.[b] **15** Nga-
kho akufanele bangcolise izinto
ezingcwele zama-Israyeli azini-
kela kuJehova,[c] **16** babangele
ukuba bathole isijeziso ngeca-
la labo ngenxa yokudla izinto
zawo ezingcwele; ngoba ngi-
nguJehova obangcwelisayo.'"

**17** UJehova waqhubeka wa-
thi kuMose: **18** "Khuluma no-
Aroni namadodana akhe nawo
wonke ama-Israyeli, uthi kubo,
'Lapho umIsrayeli noma isifi-
ki esihlala kwa-Israyeli siletha
umnikelo oshiswayo[d] kuJehova
ukuze sigcwalise izifungo zaso
noma senze umnikelo wokuzi-
thandela,[e] **19** kufanele silethe
iduna eliphile kahle[f] elivela
emhlanjini wezinkomo, wama-
wundlu noma wezimbuzi uku-
ze samukelwe. **20** Noma yini
enesici akumele niyilethe[g] ngo-
ba ngeke inenze namukelwe.

**21** "'Uma umuntu eletha
umhlatshelo ohlanganyelwayo[h]
kuJehova ukuze afeze isi-
fungo noma ube umnikelo wo-
kuzithandela, kufanele ube isi-
lwane esiphile kahle esive-
la emhlanjini ukuze amuke-
lwe. Akufanele neze sibe ne-
sici. **22** Akukho mnikelo oku-
fanele ube impumputhe, ule-
thwe ulimele, usikekile, une-
nsumpa, unotwayi noma umba-
ndamu; akumele nilethe kuJe-
hova noma yikuphi kwalokhu,
noma nenzele uJehova umnike-
lo onjalo e-altare. **23** Ningayi-
letha inkunzi noma imvu eno-
mlenze noma ingalo ende ka-
khulu kunenye ibe umnikelo
wokuzithandela, kodwa nge-
ke yamukeleke uma iwumnike-
lo wesifungo. **24** Akumele ni-
lethe kuJehova isilwane esina-
masende alimele noma achobo-
zekile noma asusiwe noma
anqunyiwe, akufanele ninike-
le ngezilwane ezinjalo ezwe-
ni lenu. **25** Akumele nilethe
noma isiphi kuzo sivela ku-
muntu oyisifiki ukuba sibe isi-
nkwa sikaNkulunkulu wenu,
ngoba zonakele futhi zinesici.
Ngeke zamukelwe.'"

**26** UJehova waqhubeka wa-
thi kuMose: **27** "Lapho kuza-
lwa iduna lenkomo noma le-
mvu noma lembuzi, lizoba no-
nina izinsuku eziyisikhombisa,[a]
kodwa kusukela osukwini luka-
8 kuqhubeke liyokwamukele-
ka njengomnikelo, umnikelo
oya kuJehova oshiswa emlilwe-
ni. **28** Ngokuqondene nenku-
nzi nemvu, akumele niyihlabe
nomntwana wayo ngosuku olu-
lodwa.[b]

**29** "Uma nihlabela uJehova
umhlatshelo wokubonga,[c] kufa-
nele niwenze ukuze nizizuze-
le ukwamukelwa. **30** Kufane-
le udliwe ngalolo suku. Aku-
mele nishiye noma yini yawo
kuze kube sekuseni.[d] Ngingu-
Jehova.

**31** "Kumele nigcine imiya-
lo yami futhi niyenze.[e] Ngingu-
Jehova. **32** Akumele ningco-
lise igama lami elingcwele,[f]

---

**22:12** *Noma, "nesihambi." **22:13** *NgesiHebheru, "Akukho sihambi," okuwukuthi, umuntu ongeyena owomndeni ka-Aroni.

**ISAHL. 22**
*a* Lev 10:14; Num 18:19
*b* Lev 5:15, 16
*c* Num 18:32
*d* Num 15:14, 16
*e* Lev 7:16; Num 15:3; Dut 12:5, 6
*f* Lev 1:3; Lev 22:22
*g* Dut 15:19, 21; Dut 17:1; Mal 1:8; Heb 9:14; 1Pe 1:19
*h* Lev 3:1

**Uhla 2**
*a* Eks 22:30
*b* Eks 23:19; Dut 22:6
*c* Lev 7:12
*d* Lev 7:15
*e* Lev 19:37; Num 15:40; Dut 4:40
*f* Lev 18:21; Lev 19:12

kumele ngingcweliswe phakathi kwama-Israyeli.[a] NginguJehova oningcwelisayo,[b] **33** onikhipha ezweni laseGibhithe ukuze ngizibonakalise NginguNkulunkulu kini.[c] NginguJehova.”

**23** UJehova waqhubeka wathi kuMose: **2** “Khuluma nama-Israyeli uthi kuwo, ‘Imikhosi kaJehova yezinkathi ezithile zonyaka[d] okufanele niyimemezele[e] iyimihlangano engcwele. Nansi imikhosi yami yezinkathi ezithile zonyaka:

**3** “‘Ningasebenza izinsuku eziyisithupha, kodwa ngosuku lwesikhombisa yisabatha lokuphumula ngokuphelele,[f] umhlangano ongcwele. Akukho msebenzi wanoma yiluphi uhlobo eningawenza. Kufanele lube yisabatha kuJehova nomaphi lapho nihlala khona.[g]

**4** “‘Nansi imikhosi kaJehova yezinkathi ezithile zonyaka, imihlangano engcwele okufanele niyimemezele ngezikhathi zayo ezimisiwe: **5** Ngenyanga yokuqala, ngosuku luka-14 lwenyanga,[h] lapho sekuhwalele* yiPhasika[i] kuJehova.

**6** “‘Ngosuku luka-15 lwale nyanga uMkhosi Wesinkwa Esingenamvubelo kuJehova.[j] Kufanele nidle isinkwa esingenamvubelo izinsuku eziyisikhombisa.[k] **7** Ngosuku lokuqala niyoba nomhlangano ongcwele.[l] Akufanele nenze noma yimuphi umsebenzi okhandlayo. **8** Kodwa izinsuku eziyisikhombisa kufanele nilethe kuJehova umnikelo oshiswa emlilweni. Ngosuku lwesikhombisa kuyoba nomhlangano ongcwele. Akufanele nenze noma yimuphi umsebenzi okhandlayo.’”

**9** UJehova waqhubeka wathi kuMose: **10** “Khuluma nama-Israyeli, uthi kuwo, ‘Lapho sekugcineni nifika ezweni engininika lona futhi senivune isivuno salo, kumele nilethe isithungo sesithelo sokuqala[a] sesivuno senu kumpristi.[b] **11** Uzozulisa isithungo phambi kukaJehova ukuze anitholele ukwamukelwa. Umpristi kufanele asizulise ngosuku olungemva kweSabatha. **12** Ngosuku okuzuliswa ngalo isithungo, kumele ninikele iwundlu leduna eliphile kahle elingakawuqedi unyaka, libe umnikelo oshiswayo kuJehova. **13** Umnikelo wokudla okusanhlamvu uzoba izingxenye ezimbili eshumini ze-efa* likafulawa ocolekile oxutshwe namafutha, kube umnikelo kuJehova oshiswa emlilweni, iphunga elimnandi.# Umnikelo ophuzwayo uzoba okwesine kwehini△ lewayini. **14** Akumele nidle noma yisiphi isinkwa, ukudla okusanhlamvu okugazingiwe noma ukudla okusanhlamvu okusha kuze kube yilolu suku, nize nilethe umnikelo kaNkulunkulu wenu. Kuwumthetho waphakade kuzo zonke izizukulwane zenu nomaphi lapho nihlala khona.

**15** “‘Kufanele nibale amasabatha ayisikhombisa kusukela osukwini olungemva kweSabatha, kusukela osukwini enilethe ngalo isithungo somnikelo ozuliswayo.[c] Kufanele kube amasonto aphelele. **16** Nizobala izinsuku ezingu-50[d] kuze kube sosukwi-

**23:5** *NgesiHebheru, “phakathi kokuhlwa okubili.”

**23:13** *Izingxenye ezimbili eshumini ze-efa zazilingana no-4,4 L. Bheka iSithasiselo B14. #Noma, “elanelisayo; elizolisayo.” NgesiHebheru, “elizolile.” △Ihini lalilingana no-3,67 L. Bheka iSithasiselo B14.

**ISAHL. 22**
a Lev 10:3
b Eks 19:5; Lev 20:8; Lev 21:8
c Eks 6:7; Lev 11:45

**ISAHL. 23**
d Eks 23:14; Lev 23:37
e Num 10:10
f Eks 16:30; Eks 20:10; IzE 15:21
g Neh 13:22
h Num 9:2, 3; Num 28:16
i Eks 12:3, 6; Dut 16:1; 1Ko 5:7
j Num 28:17; 1Ko 5:8
k Eks 12:15; Eks 13:6; Eks 34:18
l Eks 12:16

**Uhla 2**
a 1Ko 15:20, 23
b Num 18:8, 12; IzA 3:9; Hez 44:30
c Eks 34:22; Dut 16:9, 10
d IzE 2:1

ni olungemva kweSabatha lesi-
khombisa, bese niletha ku-
Jehova umnikelo omusha wo-
kudla okusanhlamvu.[a] **17** Ku-
fanele nilethe olofu ababili be-
zinkwa ezivela ezindaweni eni-
hlala kuzo zibe umnikelo ozu-
liswayo. Kufanele zenziwe nge-
zingxenye ezimbili eshumini ze-
efa* likafulawa ocolekile. Ku-
fanele zibhakwe zifakwe imvu-
belo,[b] zibe izithelo zokuqala
ezivuthiwe eziya kuJehova.[c]
**18** Kufanele nilethe kanye nale-
zi zinkwa amawundlu angama-
duna ayisikhombisa aphile ka-
hle, ngalinye libe nonyaka ubu-
dala, nethole eliyiduna elilo-
dwa nezinqama ezimbili.[d] Zizo-
ba umnikelo oshiswayo onike-
lwa kuJehova kanye nomnikelo
wokudla okusanhlamvu nomni-
kelo ophuzwayo ehambisana
nawo, kube umnikelo oshiswa
emlilweni, oyiphunga elimna-
ndi* kuJehova. **19** Kumele ni-
nikele izinyane elilodwa lembu-
zi libe umnikelo wesono[e] na-
mawundlu amabili angamadu-
na, ngalinye libe nonyaka ubu-
dala, abe umhlatshelo ohlanga-
nyelwayo.[f] **20** Umpristi uzo-
kuzulisa kanye nolofu bezi-
nkwa zezithelo zokuqala ezivu-
thiwe, kube umnikelo ozuliswa-
yo phambi kukaJehova, kanye
namawundlu amabili angama-
duna. Kufanele kube yinto
yompristi engcwele kuJeho-
va.[g] **21** Ngalolu suku niyokwe-
nza isimemezelo[h] somhlangano
wenu ongcwele. Akufanele ne-
nze noma yimuphi umsebenzi
okhandlayo. Kuwumthetho wa-
phakade kuzo zonke izindawo
enihlala kuzo, kuzo zonke izizu-
kulwane zenu.

**22** "'Lapho nivuna isivuno
sezwe lenu, akumele nivune
ngokuphelele emngceleni we-
nsimu yenu, futhi akufanele ni-
khothoze ensimini yenu.[a] Ku-
fanele nishiyele ohluphekayo*[b] noyisifiki.[c] NginguJehova
uNkulunkulu wenu.'"
**23** UJehova waqhubeka
ekhuluma noMose, wathi:
**24** "Yithi kuma-Israyeli, 'Nge-
nyanga yesikhombisa, ngosu-
ku lokuqala lwenyanga, ku-
fanele niphumule ngokuphe-
lele, kube isikhumbuzo esi-
menyezelwa ngokukhala kwe-
cilongo,[d] umhlangano ongcwe-
le. **25** Akufanele nenze umse-
benzi okhandlayo futhi nizole-
tha umnikelo kuJehova oshi-
swa emlilweni.'"
**26** UJehova waqhubeka
ekhuluma noMose, wathi:
**27** "Nokho, ngolweshumi lwa-
le nyanga yesikhombisa uSu-
ku Lokuhlawulelwa.[e] Kufane-
le nibe nomhlangano ongcwe-
le futhi kumele nidabuke,*[f] ni-
lethe kuJehova umnikelo
oshiswa emlilweni. **28** Aku-
kho msebenzi wanoma yiluphi
uhlobo okufanele niwenze nga-
lolu suku ngoba luwusuku lo-
kuhlawulelwa lokunenzela isi-
hlawulelo[g] phambi kukaJehova
uNkulunkulu wenu. **29** Noma
ubani ongeke adabuke* ngalolu
suku uyobulawa.#[h] **30** Ngiyo-
qothula bonke abantu abenza
noma yiluphi uhlobo lomse-
benzi ngalolu suku. **31** Aku-
kho msebenzi wanoma yilu-
phi uhlobo okumele niwenze.

**23:17** *Izingxenye ezimbili eshumini zeefa zazilingana no-4,4 L. Bheka iSithasiselo B14. **23:18** *Noma, "elanelisayo; elizolisayo." NgesiHebheru, "elizolile."

**23:22** *Noma, "ompofu." **23:27** *Noma, "kumele imiphefumulo yenu idabuke." "Ukudabuka" kuvame ukuqondwa njengokusho izinhlobo ezihlukahlukene zokuzincisha, kuhlanganise nokuzila ukudla. **23:29** *Noma kungaba, "ongeke azile ukudla." #Noma, "uzonqunywa kubantu bakubo."

ISAHL. 23
a Num 28:26-31, Dut 16:16
b Lev 7:11, 13
c Eks 23:16, Eks 34:22
d Num 28:26, 27
e Lev 4:23
f Lev 3:1
g Lev 7:34, Lev 10:14, Num 18:9, Dut 18:4, 1Ko 9:13
h Num 10:10

Uhla 2
a Lev 19:9, Dut 24:19, Rut 2:2, 3
b Isay 58:7
c Lev 19:33
d Num 10:10, Num 29:1
e Eks 30:10, Lev 25:9
f Lev 16:29, 30, Num 29:7
g Lev 16:34, Heb 9:12, 24-26, Heb 10:10, 1Jo 2:1, 2
h Num 9:13, Num 15:30

Kuwumthetho waphakade kuzo
zonke izizukulwane zenu no-
maphi lapho nihlala kho-
na. **32** Yisabatha lokuphumu-
la kwenu ngokuphelele futhi ni-
yodabuka[a] ngosuku luka-9 lwe-
nyanga kusihlwa. Kufanele ni-
gcine isabatha lenu kusukela
kokunye ukuhlwa kuya koku-
nye."

**33** UJehova waqhubeka
ekhuluma noMose, wathi:
**34** "Yithi kuma-Israyeli, 'Ngo-
suku luka-15 lwale nyanga yesi-
khombisa nguMkhosi Wama-
dokodo* izinsuku eziyisikho-
mbisa kuJehova.[b] **35** Ngosu-
ku lokuqala kuyoba nomhla-
ngano ongcwele, akufanele ne-
nze noma yimuphi umsebenzi
okhandlayo. **36** Kumele nile-
the kuJehova umnikelo oshi-
swa emlilweni izinsuku eziyi-
sikhombisa. Ngosuku luka-8
kufanele nibe nomhlanga-
no ongcwele,[c] nilethe kuJeho-
va umnikelo oshiswa emlilwe-
ni. Kuwumhlangano ongcwele.
Akufanele nenze noma yimuphi
umsebenzi okhandlayo.

**37** "'Lena yimikhosi kaJeho-
va yezinkathi ezithile zonyaka[d]
okufanele niyimemezele nje-
ngemihlangano engcwele[e] yo-
kunikela iminikelo eya kuJe-
hova eshiswa emlilweni: umni-
kelo oshiswayo[f] nomnikelo wo-
kudla okusanhlamvu[g] womhla-
tshelo neminikelo ephuzwa-
yo[h] ngokwesimiso sansuku zo-
nke. **38** Lokhu kwenezela ezi-
ntweni ezinikelwa ngamasaba-
tha kaJehova,[i] izipho zenu,[j]
iminikelo yenu yesifungo[k] ne-
minikelo yenu yokuzithandela,[l]
okufanele niyinikele kuJeho-
va. **39** Nokho, ngosuku luka-
15 lwenyanga yesikhombisa, la-
pho senibuthe umkhiqizo we-
zwe, kufanele nigubhe umkho-
si wokuhlonipha uJehova izi-
nsuku eziyisikhombisa.[a] Usu-
ku lokuqala olokuphumula
ngokuphelele nosuku luka-8
olokuphumula ngokuphelele.[b]
**40** Ngosuku lokuqala, nizotha-
tha izithelo zezihlahla ezi-
nhle, amaqabunga ezihlahla ze-
sundu,[c] amagatsha ezihlahla
ezinamaqabunga amaningi no-
bhabhulini besigodi,* nijabu-
le[d] phambi kukaJehova uNku-
lunkulu wenu izinsuku eziyi-
sikhombisa.[e] **41** Nizowugu-
bha njengomkhosi wokuhloni-
pha uJehova izinsuku eziyisi-
khombisa ngonyaka.[f] Kufanele
niwugubhe ngenyanga yesikho-
mbisa, kube umthetho wapha-
kade kuzo zonke izizukulwa-
ne zenu. **42** Kufanele nihlale
emadokodweni izinsuku eziyi-
sikhombisa.[g] Bonke abokuza-
lwa kwa-Israyeli kufanele ba-
hlale emadokodweni, **43** uku-
ze izizukulwane zenu ezizayo
zazi[h] ukuthi ngawahlalisa ema-
dokodweni ama-Israyeli lapho
ngiwakhipha ezweni laseGibhi-
the.[i] NginguJehova uNkulunku-
lu wenu.'"

**44** Ngakho uMose wakhulu-
ma nama-Israyeli ngemikho-
si kaJehova yezinkathi ezithile
zonyaka.

**24** UJehova waqhubeka wa-
khuluma noMose, wathi:
**2** "Yala ama-Israyeli ukuba
akulethele amafutha omnqumo
ezibani ahlanzekile ukuze izi-
bani zikhanye njalo.[j] **3** U-Aro-
ni kufanele ahlele ukugcina izi-
bani zikhanya njalo phambi ku-
kaJehova ngaphandle kwekhe-
thini lobuFakazi etendeni lo-
kuhlangana kusukela kusihlwa
kuze kube sekuseni. Kuwum-

ISAHL. 23
a Lev 16:29-31, Lev 23:27, Num 29:7
b Eks 23:16, Num 29:12, Dut 16:13, Ezr 3:4, Neh 8:14-18, Joh 7:2
c Neh 8:18
d Eks 23:14, Dut 16:16
e Num 28:26, Num 29:7
f Lev 1:3
g Lev 2:1, 11
h Num 15:5, Num 28:6, 7
i Eks 16:23, Eks 20:8, Eks 31:13
j Eks 28:38, Num 18:29
k Dut 12:11
l Num 29:39, Dut 12:6, 1Kr 29:9, 2Kr 35:8, Ezr 2:68

Uhla 2
a Dut 16:13
b Num 29:12
c Neh 8:15, IsA 7:9
d Neh 8:10
e Dut 16:15
f Num 29:12
g Dut 31:10, 11
h Dut 31:13, Hu 78:6
i Eks 12:37, 38, Num 24:5

ISAHL. 24
j Eks 27:20, 21, Num 8:2

23:34 *Noma, "Wezindlwana Zesikhashana."

23:40 *Noma, "bomhosha."

thetho waphakade kuzo zonke izizukulwane zenu. **4** Kufanele ahlele izibani njalo phambi kukaJehova phezu kothi lwesibani[a] lwegolide elihlanzekile.

**5** "Uzothatha ufulawa ocolekile ubhake olofu bezinkwa abamise okwesongo abangu-12. Kulofu ngamunye kumele kusetshenziswe izingxenye ezimbili eshumini ze-efa.* **6** Uzozibeka ngamaqoqo amabili ezinkwa, esinye sibe phezu kwesinye, iqoqo ngalinye libe nezinkwa eziyisithupha,[b] phezu kwetafula legolide elihlanzekile phambi kukaJehova.[c] **7** Kufanele ubeke impepho ehlanzekile phezu kweqoqo ngalinye, lizoba isinkwa esimelela wonke umnikelo*[d] oshiswa emlilweni onikelwa kuJehova. **8** Kufanele asihlele njalo phambi kukaJehova ngawo wonke amaSabatha.[e] Kuyisivumelwano saphakade nama-Israyeli. **9** Siyoba esika-Aroni namadodana akhe,[f] bayosidlela endaweni engcwele[g] ngoba siyinto engcwelengcwele kuye evela eminikelweni kaJehova eshiswa emlilweni, njengomthetho waphakade."

**10** Phakathi kwama-Israyeli kwakunendodana yowesifazane ongumIsrayeli nendoda yaseGibhithe,[h] kwaqubuka impi phakathi kwayo nendoda engumIsrayeli ekamu. **11** Le ndodana yowesifazane ongumIsrayeli yahlambalaza iGama* yaliqalekisa.[i] Ngakho bayiletha kuMose.[j] Igama likanina kwakunguShelomiti, indodakazi kaDibiri wesizwe sakwaDani. **12** Bayivalela kwaze kwaba yilapho becaciselwa isinqumo sikaJehova.[a]

24:5 *Izingxenye ezimbili eshumini ze-efa zazilingana no-4,4 L. Bheka iSithasiselo B14. 24:7 *Noma, "njengengxenye eyisikhumbuzo sawo." 24:11 *Okuwukuthi, igama elithi Jehova, njengoba kuboniswe emavesini 15 no-16.

**13** UJehova wabe esekhuluma noMose, wathi: **14** "Mkhiphele ngaphandle kwekamu lowo oqalekisile, bonke labo abamzwile kumele babeke izandla zabo ekhanda lakhe futhi yonke inhlangano kumele imshaye ngamatshe.[b] **15** Kufanele utshele ama-Israyeli uthi, 'Uma noma ubani eqalekisa uNkulunkulu wakhe, uyophendula ngenxa yesono sakhe. **16** Ngakho umhlambalazi wegama likaJehova kufanele abulawe nakanjani.[c] Yonke inhlangano kufanele nakanjani imshaye ngamatshe. Isifiki kufanele sibulawe njengoba nje kufanele kubulawe owokuzalwa ngokuhlambalaza kwakhe iGama.

**17** "'Uma umuntu ebulala omunye umuntu,* kufanele naye abulawe nakanjani.[d] **18** Noma ubani oshaya isilwane esifuywayo asibulale kufanele akhiphe isinxephezelo ngaso, ukuphila ngokuphila.* **19** Uma umuntu elimaza omunye umuntu, lokho akwenzile kufanele kwenziwe nakuye.[e] **20** Ukuphuka ngokuphuka, iso ngeso, izinyo ngezinyo, leyo ndlela alimaze ngayo omunye umuntu kufanele alinyazwe ngayo naye.[f] **21** Umuntu oshaya isilwane asibulale kufanele akhiphe isinxephezelo ngaso,[g] kodwa oshaya umuntu ambulale kufanele abulawe.[h]

**22** "'Kuzosebenza isinqumo esisodwa sokwahlulela kini, kungakhathaliseki ukuthi

24:17 *Noma, "eshaya noma imuphi umphefumulo owumuntu ufe." 24:18 *Noma, "umphefumulo ngomphefumulo."

ISAHL. 24
a Eks 25:31; Eks 39:33, 37; Heb 9:2
b Eks 40:22, 23; 1Sa 21:4; Mar 2:25, 26
c Eks 25:23, 24; 1Kh 7:48
d Lev 2:2; Lev 6:15
e Num 4:7; 1Kr 9:32; 2Kr 2:4
f Lev 21:22; Lev 22:10; 1Sa 21:4, 6; Mat 12:3, 4; Luk 6:3, 4
g Lev 6:14, 16
h Eks 12:38; Num 11:4
i Eks 20:7; Eks 22:28; Lev 19:12
j Eks 18:22

Uhla 2
a Eks 18:15, 16; Num 15:32, 34
b Num 15:32, 35; Dut 17:7
c Dut 5:11
d Gen 9:6; Eks 21:12; Num 35:31; Dut 19:11-13
e Eks 21:23, 24
f Dut 19:21; Mat 5:38
g Eks 22:1
h Gen 9:6; Eks 21:12

isifiki noma owokuzalwa,[a] ngo-
ba nginguJehova uNkulunkulu
wenu.'"
23 Ngemva kwalokho uMo-
se wakhuluma nama-Israyeli,
bamkhiphela ngaphandle kwe-
kamu lowo owayeqalekisile,
bamshaya ngamatshe.[b] Ngakho
ama-Israyeli enza njengoba nje
uJehova ayemyalile uMose.

25 UJehova waqhubeka
ekhuluma noMose eNta-
beni iSinayi, wathi: 2 "Khulu-
ma nama-Israyeli uthi kuwo,
'Lapho ekugcineni nifika ezwe-
ni engininika lona,[c] izwe li-
yogcina isabatha kuJehova.[d]
3 Kufanele uhlwanyele insimu
yakho ngembewu iminyaka eyi-
sithupha, uthene insimu yama-
gilebhisi iminyaka eyisithupha,
bese ubutha umkhiqizo we-
zwe.[e] 4 Kodwa ngonyaka we-
sikhombisa, izwe kufanele libe
nesabatha lokuphumula ngoku-
phelele, isabatha kuJehova.
Akufanele uhlwanyele imbe-
wu ensimini yakho noma uthe-
ne insimu yakho yamagilebhisi.
5 Akumele uvune okuzimilele
ekudleni okusanhlamvu okusa-
le ngemva kokuvuna, namagi-
lebhisi ensimu yakho engathe-
niwe akumele uwabuthe. Izwe
kufanele libe nonyaka woku-
phumula ngokuphelele. 6 No-
kho, ungakudla ukudla okumila
ezweni ngesabatha lalo; wena,
izinceku nezincekukazi zakho,
isisebenzi sakho esiqashiwe ne-
zifiki ezihlala nawe, 7 kanye
nezilwane zakho ozifuyile ne-
zasendle ezisezweni lakho. Ko-
nke okukhiqizwa yizwe kunga-
dliwa.
8 "'Niyobala iminyaka yama-
sabatha eyisikhombisa, iminya-
ka eyisikhombisa ephindwe ka-
sikhombisa, izinsuku zaleyo mi-
nyaka yamasabatha ayisikho-
mbisa ziyoba iminyaka engu-
49. 9 Niyobe senishaya upho-
ndo lukhale kakhulu ngenya-
nga yesikhombisa, ngolweshu-
mi lwenyanga; ngoSuku Lo-
kuhlawulelwa,[a] nenze ukuba
umsindo wophondo uzwakale
kulo lonke izwe lakini. 10 Ku-
mele ningcwelise unyaka ka-50,
nimemezele inkululeko ezweni
kubo bonke abakhe kulo.[b] Uyo-
ba yiJubili kini, yilowo nalo-
wo uyobuyela ezweni eliyifa
lakhe, yilowo nalowo kufane-
le abuyele emndenini wakubo.[c]
11 Lowo nyaka ka-50 uyoba yi-
Jubili kini. Ngeke nihlwanye-
le imbewu noma nivune okuzi-
milele ekudleni okusanhlamvu
okusalile noma nibuthe ama-
gilebhisi ensimu engatheniwe.[d]
12 Ngoba uyiJubili. Kufanele
ube ngcwele kini. Ningadla ku-
phela lokho izwe elikukhiqi-
zayo.[e]
13 "'Ngalo nyaka weJubi-
li, yilowo nalowo kufanele
abuyele ezweni eliyifa lakhe.[f]
14 Uma uthengisela omunye
umuntu okuthile noma uthe-
nga kuye, ningaxhaphazani.[g]
15 Kufanele uthenge komunye
umuntu, ucabangele iminyaka
yangemva kweJubili, kufane-
le akuthengisele ngokwesibalo
seminyaka esele yezivuno.[h]
16 Uma kusasele iminyaka
eminingi, angalikhuphula inani
elithengiswa ngalo, uma kuse-
le iminyaka embalwa, kufane-
le anciphise inani elithengi-
swa ngalo, ngoba ukuthengise-
la isibalo sezivuno ezizokhiqi-
zwa. 17 Akekho kini okufane-
le axhaphaze omunye umuntu,[i]
kumele wesabe uNkulunkulu
wakho,[j] ngoba nginguJehova
uNkulunkulu wenu.[k] 18 Ngo-
kugcina imithetho yami nezi-
nqumo zami zokwahlulela, ni-
yohlala ngokulondeka ezwe-
ni.[l] 19 Izwe liyoninika izithelo

ISAHL. 24
a Eks 12:49, Lev 17:10, Lev 19:34, Num 9:14, Num 15:16
b Num 15:33, 36, Dut 17:7

ISAHL. 25
c Gen 15:16
d Lev 26:34, 2Kr 36:20, 21
e Eks 23:10, 11

Uhla 2
a Lev 16:30, Lev 23:27, 28
b Isay 61:1, 2, Luk 4:18, 19, Rom 8:20, 21
c Lev 27:24, Num 36:4, Dut 15:1
d Lev 25:5
e Eks 23:11, Lev 25:6
f Lev 25:29, 30, Lev 27:24
g 1Sa 12:3, IzA 14:31
h Lev 27:18
i Lev 19:13, IzA 22:22
j Lev 25:43, IzA 1:7, IzA 8:13
k Isay 33:22
l Dut 12:10, Hu 4:8, IzA 1:33

zalo,[a] niyodla naneliseke, nihla-
le kulo ngokulondeka.[b]
20 "'Kodwa uma nithi: "Si-
zodlani ngonyaka wesikhombi-
sa uma singeke siyihlwanyele
imbewu noma sibuthe izivuno
zethu?"[c] 21 yazini ukuthi ngi-
zoninika isibusiso sami ngonya-
ka wesithupha, izwe liyokhiqi-
za isivuno esanele iminyaka
emithathu.[d] 22 Ngemva kwa-
lokho niyohlwanyela imbewu
ngonyaka ka-8 nidle esivunwe-
ni esidala kuze kube unyaka
ka-9. Niyokudla esidala kuze
kufike isivuno sawo.
23 "'Izwe akufanele lithengi-
swe unomphela[e] ngoba lingela-
mi.[f] Ngoba ngokombono wami
ningabakwelinye izwe nezifi-
ki.[g] 24 Kulo lonke izwe eliyifa
lenu, kufanele ninike othengisi-
le ilungelo lokuthenga kabusha
izwe.
25 "'Uma umfowenu eba
mpofu futhi kudingeke athengi-
se ingxenye yezwe eliyifa la-
khe, umhlengi ohlobene naye
eduze kumele eze athenge
lokho umfowabo akuthengi-
sa ukuze akubuyise.[h] 26 Uma
umuntu engenamuntu ozom-
hlenga, kodwa acebe futhi abe
nawo amandla okulihlenga,
27 kufanele abale inani lalo le-
minyaka kusukela alithengi-
sa bese ekhokha inani elisala-
yo kumuntu amthengisela lona.
Usengabuyela ezweni eliyifa la-
khe.[i]
28 "'Kodwa uma engayitho-
li indlela yokukubuyisa kuye,
akuthengisile kuzoqhubeka ku-
kumthengi wako kuze kube
unyaka weJubili;[j] kuyobuyela
kuye ngeJubili, abuyele ezweni
eliyifa lakhe.[k]
29 "'Uma umuntu ethengi-
sa umuzi edolobheni elibiye-
lwe, ilungelo lakhe lokuwuhle-
nga liyoqhubeka kuze kuphe-
le unyaka kusukela esikhathini
sokuthengisa kwakhe; ilungelo
lakhe lokuwuhlenga[a] liyosebe-
nza unyaka wonke. 30 Ko-
dwa uma ingabuyiswa ngo-
kuthengwa ekupheleni konya-
ka ogcwele, indlu esedolobhe-
ni elibiyelwe iyoba eyomthengi
wayo unomphela kuzo zonke
izizukulwane zakhe. Akufane-
le idedelwe ngeJubili. 31 No-
kho, izindlu ezisezindaweni ezi-
ngabiyelwe kufanele zibhekwe
njengengxenye yendawo ye-
zwe. Ilungelo lokuzihlenga ku-
fanele liqhubeke likhona fu-
thi kufanele zidedelwe ngeJu-
bili.
32 "'Ngokuqondene nezi-
ndlu zamaLevi ezisemadolo-
bheni awo,[b] amaLevi ayoba ne-
lungelo elinganqamuki lokuzi-
hlenga. 33 Lapho izwe lama-
Levi lingabuyiswa ngokuthe-
ngwa, indlu ethengiswe edo-
lobheni lawo nayo iyodedelwa
ngeJubili,[c] ngoba izindlu ezise-
madolobheni amaLevi ziyimpa-
hla yawo phakathi kwama-Isra-
yeli.[d] 34 Ngaphezu kwalokho,
insimu eyidlelo[e] ezungeze ama-
dolobha awo ayinakuthengi-
swa ngoba iyifa lawo lapha-
kade.
35 "'Uma umfowenu osedu-
ze kwakho eba mpofu angabe
esakwazi ukuzisekela, kumele
umsekele[f] njengoba ubungenza
kumuntu wakwelinye izwe ne-
sifiki,[g] ukuze aqhubeke ephi-
la kanye nawe. 36 Ungathathi
nzalo noma wenze inzuzo* nga-
ye.[h] Kumele wesabe uNkulu-
nkulu wakho[i] futhi umfowe-
nu uyoqhubeka ephila kanye
nawe. 37 Ungabizi nzalo la-
pho umboleka imali[j] noma
umnike ukudla kwakho ukuze

25:36 *Noma, "inzuzo eyeqile."

ISAHL. 25
a Hu 67:6
b Lev 26:3-5
c Lev 25:4, 5; Mat 6:25
d Gen 26:12; Dut 28:8; Mal 3:10
e 1Kh 21:3
f Hu 24:1
g 1Kr 29:15
h Rut 2:20; Rut 4:4-6
i Lev 25:50
j Lev 27:24
k Lev 25:10, 13

Uhla 2
a Lev 25:25-27
b Num 35:2, 8
c Lev 25:28
d Num 18:20; Num 35:2, 4; Dut 18:1
e Num 35:7; Jos 14:4
f Dut 15:7; Hu 41:1; Hu 112:5; IzA 3:27; IzA 19:17; Mar 14:7; IzE 11:29; 1Ti 6:18; 1Jo 3:17
g Eks 22:21; Eks 23:9; Lev 19:34; Dut 10:18
h Eks 22:25; Dut 23:19; Hu 15:5; IzA 28:8
i IzA 8:13
j Dut 23:20; Luk 6:34, 35

uthole inzuzo. **38** NginguJe-
hova uNkulunkulu wenu, owa-
nikhipha ezweni laseGibhithe[a]
ukuze ngininike izwe laseKha-
nani, ukuze ngibe uNkulunkulu
wenu.[b]
**39** "'Uma umfowenu ohlala
eduze kwakho eba mpofu futhi
kudingeke azithengise kuwe,[c]
akumele umphoqe ukuba enze
umsebenzi wezigqila.[d] **40** Ku-
fanele aphathwe njengesise-
benzi esiqashiwe,[e] njengesifiki.
Kufanele akukhonze kuze kube
unyaka weJubili. **41** Ngemva
kwalokho uyokushiya, yena na-
bantwana* bakhe, abuyele em-
ndenini wakubo. Kufanele abu-
yele ezweni eliyifa lokhokho
bakhe.[f] **42** Ngoba bayizinceku
zami engazikhipha ezweni la-
seGibhithe.[g] Akufanele bazithe-
ngise ngendlela isigqila esi-
thengiswa ngayo. **43** Akumele
umphathe ngesihluku,[h] kume-
le wesabe uNkulunkulu wakho.[i]
**44** Kufanele uthathe isigqila
nesigqilakazi sakho ezizweni
ezinizungezile, ningasithenga
kuzo isigqila noma isigqilakazi.
**45** Nasemadodaneni ezifiki ezi-
hlala nani,[j] ningathenga izigqila
kuwo nasemindenini yawo eza-
lelwe wona ezweni lenu, ziyoba
yimpahla yenu. **46** Ningazidlu-
lisa njengefa emadodaneni enu
ukuba azithole njengefa lapha-
kade. Ningazisebenzisa njenge-
zisebenzi, kodwa akumele niba-
phathe ngesihluku abafowenu
abangama-Israyeli.[k]
**47** "'Kodwa uma umuntu
wakwelinye izwe noma isifiki
esiphakathi kwenu siceba fu-
thi umfowenu eba mpofu ecele-
ni kwakhe futhi kudingeke azi-
thengise kumuntu wakwelinye
izwe noma esifikini esiphaka-
thi kwenu, noma elungwini
lomndeni womuntu wakwelinye
izwe, **48** uyoqhubeka enelu-
ngelo lokuhlengwa ngemva ko-
kuzithengisa kwakhe. Omu-
nye wabafowabo angamthenga
ukuze ambuyise,[a] **49** noma
umfowabo kayise noma indo-
dana yomfowabo kayise ingam-
thenga ukuze imbuyise, nano-
ma isiphi isihlobo sakhe esise-
duze,* omunye womndeni wa-
kubo, angase ambuyise ngo-
kumthenga.
"'Noma uma yena esecebile,
naye angazibuyisa ngokuzithe-
nga.[b] **50** Kufanele yena nom-
thengi wakhe babale kusuke-
la ngonyaka azithengisa nga-
wo kuye kuze kube unya-
ka weJubili,[c] imali yokuzithe-
ngisa kwakhe iyolingana no-
buningi baleyo minyaka.[d] Izi-
nsuku zakhe zokusebenza pha-
kathi naleso sikhathi ziyoba-
lwa ngesilinganiso sesisebenzi
esiqashiwe.[e] **51** Uma kusase-
le iminyaka eminingi, kufanele
akhokhe inani lakhe lokuzihle-
nga elilingana neminyaka ese-
le. **52** Kodwa uma kusele imi-
nyaka embalwa kuphela nga-
phambi konyaka weJubili, ku-
fanele azibalele akhokhe inani
lakhe lokuzihlenga elilingana
neminyaka esele. **53** Kufane-
le aqhubeke emkhonza unyaka
nonyaka njengesisebenzi esiqa-
shiwe; futhi kufanele niqinise-
ke ukuthi akamphathi ngesihlu-
ku.[f] **54** Nokho, uma engakwa-
zi ukuzibuyisa ngokuzithenga
ngale mibandela, uyokhululeka
ngonyaka weJubili,[g] yena naba-
ntwana* bakhe.
**55** "'Ngoba ama-Israyeli ayi-
zinceku zami. Ayizinceku zami
engazikhipha ezweni laseGi-
bhithe.[h] NginguJehova uNkulu-
nkulu wenu.

**25:41, 54** *NgesiHebheru, "namadoda-
na."

**25:49** *Noma, "segazi."

**ISAHL. 25**
a Eks 20:2, 1Kh 8:51
b Eks 6:7
c Eks 21:2, Dut 15:12
d 1Kh 9:22
e Lev 25:53
f Eks 21:3, Lev 25:10
g Eks 1:13, 14, Eks 19:5, Lev 25:55
h Eks 3:7, Efe 6:9, Kol 4:1
i Lev 25:17, Shu 12:13
j Eks 12:38, Jos 9:21
k Lev 25:39, 43

**Uhla 2**
a Lev 25:25
b Lev 25:26, 27
c Lev 25:10
d Lev 25:15, 16
e Dut 15:18
f Lev 25:40, 43, Kol 4:1
g Eks 21:3
h Eks 20:2, Lev 25:42

**26** “‘Ningazenzeli onkulu-
nkulu abangasizi ngalu-
tho,[a] ningazimiseli umfanekiso
obaziwe[b] noma insika engcwe-
le, ningabeki umfanekiso owe-
nziwe ngetshe[c] ezweni lenu
ukuze niwukhothamele;[d] ngi-
nguJehova uNkulunkulu wenu.
**2** Kufanele nigcine amasaba-
tha ami nihloniphe indlu* yami
engcwele. NginguJehova.
**3** “‘Uma niqhubeka niha-
mba ngemithetho yami, nigci-
na imiyalo yami futhi niye-
nza,[e] **4** ngiyoninika izihlambi
zemvula ngesikhathi sazo esi-
fanele,[f] izwe liyoninika isivu-
no salo,[g] izihlahla zensimu zi-
yothela. **5** Inkathi yenu yoku-
bhula iyoqhubeka kuze kube
sekuvuneni amagilebhisi, uku-
vunwa kwamagilebhisi kuyo-
qhubeka kuze kube inkathi yo-
kuhlwanyela; niyodla isinkwa
senu nize naneliseke futhi
nihlale ngokulondeka ezwe-
ni lenu.[h] **6** Ngiyobeka ukuthu-
la ezweni,[i] niyolala kungabi bi-
kho muntu onesabisayo;[j] ngi-
yoqeda izilwane zasendle eziyi-
ngozi ezweni, inkemba ye-
mpi ngeke idabule ezweni lenu.
**7** Nakanjani niyozixosha izitha
zenu, ziwe phambi kwenu nge-
nkemba. **8** Abahlanu kini ba-
yoxosha abangu-100, nabangu-
100 kini baxoshe abangu-10 000
futhi izitha zenu ziyowa nge-
nkemba phambi kwenu.[k]
**9** “‘Ngiyonibonisa umusa*
nginenze nizale futhi nginandi-
se,[l] ngiyosigcina isivumelwa-
no sami nani.[m] **10** Niyothi ni-
sadla ukudla okudala konya-
ka owandulele, kudingeke ni-
khiphe okudala ukuze ningeni-
se okusha. **11** Ngiyobeka ita-
bernakele lami phakathi kwe-
nu,[a] ngeke nginilahle. **12** Ngi-
yohamba phakathi kwenu ngi-
be uNkulunkulu wenu,[b] nina
niyoba abantu bami.[c] **13** Ngi-
nguJehova uNkulunkulu wenu,
owanikhipha ezweni labaseGi-
bhithe ukuze ningabe nisaba
izigqila zabo, ngaphula imigo-
qo yejoka lenu ngenza ukuba
nikwazi ukuhamba niphakami-
se amakhanda.*
**14** “‘Nokho, uma ningeke ni-
ngilalele noma nigcine yonke le
miyalo,[d] **15** uma nenqaba imi-
thetho yami,[e] uma nenyanya
izinqumo zami zokwahlulela ni-
ngayenzi yonke imiyalo yami,
niphule isivumelwano sami,[f]
**16** mina ngiyokwenza lokhu
okulandelayo kini: Ngiyonijezi-
sa ngokucindezeleka, ngesifo
sofuba nemfiva, ngenze amehlo
enu afiphale nokuphila kwenu
kuwohloke. Imbewu yenu niyo-
mane niyihlwanyelele ize ngoba
izitha zenu ziyoyidla.[g] **17** Ngi-
yomelana nani futhi izitha zenu
ziyonehlula;[h] abanizondayo ba-
yoninyathela,[i] nibaleke kube
kungekho muntu onixoshayo.[j]
**18** “‘Uma ngisho nalokhu
kunganenzi ukuba ningilale-
le, kuyomelwe nginijezise kasi-
khombisa ngenxa yezono zenu.
**19** Kuyomelwe ngiphule ukuzi-
qhenya kwenu, ngenze amazu-
lu enu abe njengensimbi[k] nom-
hlaba wenu ube njengethusi.
**20** Niyokhandlekela ize ngoba
umhlaba wenu ngeke ukhiqize,[l]
nezihlahla zomhlaba ngeke zi-
thele.
**21** “‘Kodwa uma niqhube-
ka nihamba ngokumelene
nami, nenqaba ukungilalela,
kuyomelwe nginishaye kasi-
khombisa ngokwezono zenu.

---

**26:2** *Noma, “nithuthumele ngendlu.” NgesiHebheru, “nesabe indlu.” **26:9** *NgesiHebheru, “Ngiyophendukela kini.”

**26:13** *NgesiHebheru, “ukuhamba niqonde.”

---

**ISAHL. 26**

a Eks 20:4; Lev 19:4; IzE 17:29; 1Ko 8:4
b Dut 5:8
c Num 33:52
d Dan 3:18; 1Ko 10:14
e Dut 11:13-15; Shu 12:13
f Dut 28:12; Isay 30:23; Hez 34:26; Jow 2:23
g Hu 67:6; Hu 85:12
h Lev 25:18
i 1Kr 22:9; Hu 29:11; Hag 2:9
j Mik 4:4
k Dut 28:7; Jos 23:10; Hlu 7:15, 16; Hlu 15:15, 16; 1Kr 11:20
l Dut 28:4
m Eks 6:4

**Uhla 2**

a Eks 25:8; Hez 37:26; IsA 21:3
b Dut 23:14
c Eks 6:7; 2Ko 6:16
d Dut 28:15
e 2Kh 17:15
f Eks 24:7; Dut 31:16; Heb 8:9
g Dut 28:22, 33; Hlu 6:3
h Dut 28:15, 25; Hlu 2:14; 1Sa 4:10
i Hu 106:41; IsiL 1:5
j Lev 26:36
k Dut 11:17; 1Kh 17:1
l Jer 12:13; Hag 1:6, 10

**22** Ngiyothumela izilwane za-
sendle phakathi kwenu,[a] zi-
yoniphuca abantwana,[b] ziqede
imfuyo yenu, zinciphise isibalo
senu, izindlela zenu zingabi na-
muntu.[c]

**23** "'Uma ningangivumeli
nginiqondise naphezu kwale-
zi zinto[d] futhi niphikelela ngo-
kuhamba ngokumelene nami,
**24** nami ngiyohamba ngoku-
melene nani, mina ngokwa-
mi ngiyonishaya kasikhombisa
ngenxa yezono zenu. **25** Ngi-
yoletha phezu kwenu inke-
mba yokuphindisela ngenxa yo-
kuphula isivumelwano.[e] Uma
niqoqanela emadolobheni enu,
ngiyothumela isifo phakathi
kwenu,[f] ninikelwe esandleni
sesitha.[g] **26** Lapho ngibhidli-
za izindawo* enigcina kuzo isi-
nkwa,#[h] abesifazane abayishu-
mi bayobhaka isinkwa senu ku-
hhavini owodwa bese bekala
isisindo sesinkwa senu;[i] niyo-
dla kodwa ngeke nisuthe.[j]

**27** "'Uma ningeke ningilale-
le naphezu kwalokhu, niphike-
lela ngokuhamba ngokumelene
nami, **28** ngiyomelana kakhu-
lu nani,[k] mina ngokwami kuyo-
melwe nginijezise kasikhombi-
sa ngenxa yezono zenu.
**29** Ngakho kuyomelwe nidle
inyama yamadodana enu fu-
thi niyodla inyama yamadoda-
kazi enu.[l] **30** Ngiyoziqothula
izindawo zenu eziphakeme ezi-
ngcwele[m] nginqume izinti zenu
zempepho, ngibeke izidumbu
zenu phezu kwezidumbu zezi-
thixo zenu ezinyanyekayo,*[n] fu-
thi ngiyonifulathela ngoba ngi-
nenyanya.[a] **31** Amadolobha
enu ngiyowanikela enkembe-
ni,[b] ngenze izindlu zenu ezi-
ngcwele zibe incithakalo, fu-
thi ngeke ngiwahogele ama-
phunga amnandi* emihlatshelo
yenu. **32** Mina ngokwami ngi-
yokwenza izwe libe incithaka-
lo,[c] izitha zenu ezihlala kulo
ziyoligqolozela ngokumanga-
la.[d] **33** Ngiyonihlakaza phaka-
thi kwezizwe,[e] ngihoshe inke-
mba emgodleni nginilandele;[f]
izwe lenu liyokwenziwa incitha-
kalo,[g] namadolobha enu aqo-
thulwe.

**34** "'Ngaleso sikhathi izwe
liyokhokha amasabatha alo zo-
nke izinsuku zokuba kwalo
incithakalo, kuyilapho nina ni-
sezweni lezitha zenu. Ngale-
so sikhathi izwe liyophumula,*
njengoba kuyomelwe likhokhe
amasabatha alo.[h] **35** Liyophu-
mula zonke izinsuku eliyinci-
thakalo ngazo, ngenxa yoku-
thi aliphumulanga phakathi
namasabatha enu lapho nihlala
kulo.

**36** "'Ngokuqondene nalabo
abasindayo,[i] ngiyokwenza izi-
nhliziyo zabo ziphelelwe ithe-
mba emazweni ezitha zabo;
umsindo weqabunga eliphe-
phukayo uyobenza babaleke,
bayobaleka njengomuntu oba-
lekela inkemba, bawe kunge-
kho obaxoshayo.[j] **37** Bayo-
khubana bodwa njengalabo
ababalekela inkemba, nakuba
kungekho muntu obaxosha-
yo. Ngeke nikwazi ukumela-
na nezitha zenu.[k] **38** Niyo-
shabalala phakathi kwezizwe,[l]
izwe lezitha zenu linishwabade-
le. **39** Labo abasele bayobo-
lela emazweni ezitha zenu[m]

---

**26:26** *NgesiHebheru, "izinduku." Kungenzeka libhekisela ezindukwini ezazisetshenziselwa ukugcina izinkwa. #Noma, "ukudla." **26:30** *Lena yinkulumo yesiHebheru okungenzeka ihlobene negama elisho "ubulongwe," isetshenziswa njengenkulumo yokwedelela.

**26:31** *Noma, "anelisayo; azolisayo." NgesiHebheru, "azolile." **26:34** *Noma, "liyogcina isabatha."

---

**ISAHL. 26**

*a* Dut 32:24; Jer 15:3
*b* Hez 5:17
*c* Hlu 5:6; Isay 33:8; Zak 7:14
*d* Isay 1:16; Jer 2:30; Jer 5:3
*e* Eks 24:7
*f* Dut 28:21; Jer 24:10; Amo 4:10
*g* Hlu 2:14; 1Sa 4:10
*h* Hez 5:16
*i* Hez 4:16
*j* Isay 9:20; Mik 6:14; Hag 1:6
*k* Jer 21:5
*l* Dut 28:53; 2Kh 6:29; Jer 19:9; IsiL 4:10; Hez 5:10
*m* 2Kr 34:3; Isay 27:9
*n* 1Kh 13:2; 2Kh 23:8, 20; Hez 6:5

**Uhla 2**

*a* Hu 78:58, 59
*b* 2Kh 25:9, 10; 2Kr 36:17; Neh 2:3; Isay 1:7; Jer 4:7
*c* Jer 9:11
*d* Dut 28:37; Dut 29:22-24; Jer 18:16; IsiL 2:15; Hez 5:15
*e* Hu 44:11
*f* Jer 9:16; Hez 12:14
*g* Zak 7:14
*h* 2Kr 36:20, 21
*i* Isay 24:6
*j* Lev 26:17; Isay 30:17
*k* Jos 7:12; Hlu 2:14; Jer 37:10
*l* Dut 4:27; Dut 28:48; Jer 42:17
*m* Dut 28:65

ngenxa yesiphambeko senu.
Impela, bayobola baphele nge-
nxa yeziphambeko zawoyise.[a]
**40** Ngemva kwalokho, bayosi-
vuma isiphambeko sabo,[b] ne-
siphambeko nokungathembeki
koyise bavume ukuthi bazipha-
the ngokungathembeki ngoku-
hamba ngokumelene nami.[c]
**41** Nami ngahamba ngokume-
lene nabo[d] ngokubaletha ezwe-
ni lezitha zabo.[e]

"'Mhlawumbe ngaleso sikha-
thi inhliziyo yabo enenkani iyo-
thotshiswa,[f] bese bekhokha isi-
phambeko sabo. **42** Ngiyosi-
khumbula isivumelwano sami
noJakobe,[g] nesivumelwano
sami no-Isaka,[h] ngiyokhumbula
nesivumelwano sami no-Abra-
hama,[i] nezwe ngiyolikhu-
mbula. **43** Ngesikhathi beli-
shiyile izwe, lalikhokha amasa-
batha alo,[j] lihleli liyincitha-
kalo ngaphandle kwabo, bona
babekhokha ngenxa yesipha-
mbeko sabo, ngoba bazinqa-
ba izinqumo zami zokwahlule-
la futhi bayenyanya imithe-
tho yami.[k] **44** Kodwa naphe-
zu kwakho konke lokhu, uma
nje besesezweni lezitha zabo,
angisoze ngabalahla ngokuphe-
lele[l] noma ngibachithe ngezi-
nga lokuthi ngize ngibaqothu-
le, okuyinto eyokwephula isi-
vumelwano sami[m] nabo, ngo-
ba nginguJehova uNkulunku-
lu wabo. **45** Ngenxa yabo
ngiyosikhumbula isivumelwa-
no engasenza nokhokho babo[n]
engabakhipha ezweni laseGi-
bhithe phambi kwamehlo ezi-
zwe,[o] ukuze ngibe uNkulunku-
lu wabo. NginguJehova.'"

**46** Lezi yiziqondiso, izinqu-
mo zokwahlulela nemithetho
uJehova ayimisa phakathi kwa-
khe nama-Israyeli eNtabeni iSi-
nayi ngoMose.[p]

**27** UJehova waqhubeka
ekhuluma noMose, wa-
thi: **2** "Khuluma nama-Israye-
li, uthi kuwo, 'Uma umuntu
enza isifungo esikhethekile[a] so-
kunikela kuJehova ngenani
elilingana nelomuntu, **3** ina-
ni elilingana nowesilisa onemi-
nyaka engu-20 kuya kwengu-
60 ubudala, liyoba amashekeli*
esiliva angu-50 ngokweshekeli
elivamile lendawo engcwele.#
**4** Kodwa uma kungowesifaza-
ne, inani elilingana naye liyoba
amashekeli angu-30. **5** Uma
iminyaka yobudala isukela emi-
nyakeni emihlanu kuya kwe-
ngu-20, inani elilingana nowe-
silisa liyoba amashekeli angu-
20, elowesifazane libe amashe-
keli ayishumi. **6** Uma iminya-
ka yobudala isukela enyangeni
eyodwa kuya eminyakeni emi-
hlanu, inani elilingana nowe-
silisa liyoba amashekeli esili-
va amahlanu, elowesifazane
libe amashekeli esiliva amatha-
thu.

**7** "'Uma iminyaka yobuda-
la isukela eminyakeni engu-60
kuya phezulu, inani elilingani-
siwe liyoba amashekeli angu-15
uma kungowesilisa, elowesifa-
zane libe amashekeli ayishumi.
**8** Kodwa uma ehlupheka ka-
khulu ukuba akhokhe inani eli-
linganisiwe,[b] lowo muntu uyo-
ma phambi kompristi, umpri-
sti uyomnqumela inani. Umpri-
sti uyomnqumela ngokwalokho
lowo owenza isifungo anama-
ndla okukukhokha.[c]

**9** "'Uma isifungo sihilela
isilwane esifanelekela ukuni-
kelwa kuJehova, noma yini
engase inikwe uJehova iyo-
ba ngcwele. **10** Akanakuletha

ISAHL. 26
a Eks 20:5 Num 14:18
b 1Kh 8:33 Neh 9:2 Hez 6:9 Dan 9:5
c Hez 36:31
d Lev 26:24
e 1Kh 8:47 2Kr 36:20
f Dut 30:6 Jer 4:4 IzE 7:51
g Gen 28:13
h Gen 26:3
i Gen 12:7 Dut 4:31 Hu 106:45
j Lev 26:34 2Kr 36:20, 21
k 2Kh 17:15
l Dut 4:31 2Kh 13:23 Neh 9:31
m Dut 4:13 Jer 14:21
n Eks 24:3, 8 Dut 9:9
o Hez 20:9
p Lev 27:34 Dut 6:1

Uhla 2

ISAHL. 27
a Dut 23:21 Hlu 11:30, 31 1Sa 1:11
b Lev 5:7, 11 Lev 12:8 Lev 14:21
c Luk 21:2-4 2Ko 8:12

**27:3** *Ishekeli lalilingana no-11,4 g. Bheka iSithasiselo B14. #Noma, "ngeshekeli elingcwele."

esinye esikhundleni saso, noma ashintshe esihle ngesibi noma esibi ngesihle. Kodwa uma eshintsha esinye isilwane ngesinye, esokuqala nashintshe ngaso, zombili ziyoba ngcwele. **11** Uma kuyisilwane esingcolile[a] esingenakulethwa sibe umnikelo kuJehova, uyobe esemisa leso silwane phambi kompristi. **12** Umpristi uyobe esenquma inani laso, kuye ngokuthi sihle noma sibi. Inani elishiwo umpristi ngeke lishintshe. **13** Kodwa uma kwenzeka efuna ukusibuyisa ngokusithenga futhi, kumele akhiphe okwesihlanu kwaso ngaphezu kwenani elishiwo umpristi.[b]

**14** "'Uma umuntu engcwelisa indlu yakhe njengento engcwele kuJehova, umpristi uyobe esenquma inani layo, kungakhathaliseki ukuthi yinhle noma yimbi. Ngokuvumelana nenani elinqunywe umpristi, iyobiza lelo nani.[c] **15** Kodwa uma ongcwelisa indlu yakhe efuna ukuyibuyisa ngokuyithenga futhi, kumele akhiphe okwesihlanu ngaphezu kwemali yenani elilinganisiwe, iyobe isiba ngeyakhe.

**16** "'Uma umuntu engcwelisela uJehova ingxenye ethile yensimu yakhe, inani liyolinganiswa ngokulingana nembewu edingekayo ukuze kuhlwanyelwe kuyo: ihomere* lembewu yebhali liyoba amashekeli esiliva angu-50. **17** Uma engcwelisa insimu yakhe ngonyaka weJubili,[d] inani elilinganisiwe ngeke lishintshe. **18** Uma insimu yakhe eyingcwelisa ngemva kweJubili, umpristi uyombalela inani azolikhokha ngokulingana neminyaka esele ngaphambi konyaka olandelayo weJubili, futhi inani azolikhokha kufanele lisuswe enanini elilinganisiwe.[a] **19** Kodwa uma oyingcwelisile eyibuyisa ngokuyithenga futhi, kumele akhiphe okwesihlanu ngaphezu kwemali yenani elilinganisiwe, ibe ngeyakhe. **20** Manje uma le nsimu engayibuyisi ngokuyithenga futhi, bese ithengiselwa omunye umuntu, ayinakuphinde ithengwe futhi. **21** Lapho le nsimu idedelwa ngeJubili, iyoba ngcwele kuJehova, njengensimu enikelwe kuye. Iyoba indawo yabapristi.[b]

**22** "'Uma umuntu engcwelisela uJehova insimu ayithengile engeyona ingxenye yendawo eyifa lakhe,[c] **23** umpristi uyombalela lonke inani kuze kube unyaka weJubili, asho inani elilinganisiwe ngalolo suku.[d] Iyinto engcwele kuJehova. **24** Ngonyaka weJubili, insimu iyobuyela kulowo ayithenga kuye, umnikazi wendawo.[e]

**25** "'Wonke amanani kufanele alinganiswe ngeshekeli elivamile lendawo engcwele. Ishekeli kufanele libe amagera* angu-20.

**26** "'Nokho, akekho okufanele angcwelise amazibulo ezilwane, njengoba ezalwe njengamazibulo kaJehova.[f] Kungakhathaliseki ukuthi yiduna lenkomo noma elemvu, selingelikaJehova.[g] **27** Uma liphakathi kwezilwane ezingcolile futhi elihlenga ngokuvumelana nenani elilinganisiwe, kufanele akhiphe okwesihlanu kwalo anezele kulo.[h] Kodwa uma lingabuyiswa ngokuthengwa futhi, liyothengiswa

**ISAHL. 27**
a Lev 20:25; Dut 14:7, 8
b Lev 27:19
c Lev 27:11, 12
d Lev 25:10

**Uhla 2**
a Lev 25:15, 16
b Num 18:8, 14
c Lev 25:25
d Lev 27:11, 12; Lev 27:18
e Lev 25:10, 28
f Eks 13:2; Num 18:17
g Eks 22:30; Dut 15:19
h Lev 27:11-13

**27:16** *Ihomere lalilingana no-220 L. Bheka iSithasiselo B14.

**27:25** *Igera lalilingana no-0,57 g. Bheka iSithasiselo B14.

ngokuvumelana nenani elilinga-
nisiwe.

28 "'Kodwa ayikho into eni-
kelwe umuntu, ayinikela nga-
phandle kwemibandela* kuJe-
hova evela ezintweni anazo
engathengiswa noma ibuyiswe
ngokuthengwa, kungakhathali-
seki ukuthi unikele ngomuntu,
izilwane noma insimu yakhe.
Yonke into enikelwe ingcwe-
lengcwele kuJehova.[a] 29 Nga-
phezu kwalokho, akekho umu-
ntu olahliwe ohlukaniselwe
ukubhujiswa* ongase ahle-
ngwe.[b] Kufanele abulawe naka-
njani.[c]

30 "'Konke okweshumi[d] kwe-
zwe, kungakhathaliseki uku-
thi kuvela emkhiqizweni wensi-
mu noma ezithelweni zezihla-
hla, kungokukaJehova. Kuyinto
engcwele kuJehova. 31 Uma
umuntu efuna ukubuyisa noma
yikuphi okweshumi kwakhe
ngokukuthenga futhi, kufane-
le akhiphe okwesihlanu kwako
enezele kukho. 32 Ngokuqo-
ndene nakho konke okweshumi
komhlambi wezinkomo nomhla-
mbi wezimvu nezimbuzi, konke
okudlula ngaphansi kwenduku
kamalusi, isilwane* seshumi ku-
fanele sibe ngcwele kuJehova.
33 Akufanele ahlole ukuthi si-
hle noma sibi yini futhi aku-
fanele asishintshe. Kodwa uma
nje eke wazama ukusishintsha,
esokuqala nalesi ashintsha nga-
so kufanele zibe ngcwele.[a] Azi-
nakubuyiswa ngokuthengwa fu-
thi.'"

34 Lena yimiyalo uJehova
ayinika uMose ukuba ibe
eyama-Israyeli eNtabeni iSi-
nayi.[b]

27:28 *Noma, "ayinikela ekubhujisweni." 27:29 *Noma, "onikelwe ekubhujisweni."

27:32 *Noma, "inhloko."

ISAHL. 27
a Num 18:8, 14
b Num 21:2
c Jos 6:17; 1Sa 15:3, 18
d Gen 14:20; Gen 28:22; Num 18:21, 26; Dut 14:22; 2Kr 31:5; Neh 13:12; Mal 3:10; Luk 11:42; Heb 7:5

Uhla 2
a Lev 27:9, 10
b Eks 3:1; Num 1:1

# NUMERI

UHLU LOKUPHAKATHI

1 Ukubhaliselwa kwabantu impi (1-46)
AmaLevi awayi empini (47-51)
Ukuhlelwa kwekamu (52-54)

2 Ikamu lihlelwa ngokwezigaba zezizwe ezintathu (1-34)
Isigaba sakwaJuda ngasempumalanga (3-9)
Isigaba sakwaRubeni ngaseningizimu (10-16)
Ikamu lakwaLevi phakathi nendawo (17)
Isigaba sakwa-Efrayimi ngasentshonalanga (18-24)
Isigaba sakwaDani ngasenyakatho (25-31)
Ingqikithi yabesilisa ababhaliswa (32-34)

3 Amadodana ka-Aroni (1-4)
AmaLevi akhethelwe ukukhonza (5-39)
Ukuhlengwa kwamazibulo (40-51)

4 Inkonzo yamaKohati (1-20)
Inkonzo yamaGereshoni (21-28)
Inkonzo yamaMerari (29-33)
Izibalo zabantu ababhalisiwe (34-49)

5 Ukuhlaliswa kwabantu abangcolile ngabodwa (1-4)
Ukuvuma isono kanye nesinxephezelo (5-10)
Ukuhlolwa ngamanzi kosolwa ngokuphinga (11-31)

6 Isifungo sobuNaziri (1-21)
Ukubusisa kwabapristi abantu (22-27)

7 Iminikelo yokuvulwa kwetabernakele (1-89)

8 U-Aroni ukhanyisa izibani eziyisikhombisa (1-4)
Kuhlanzwa amaLevi, aqale ukukhonza (5-22)
Iminyaka yobudala edingekayo yenkonzo yamaLevi (23-26)

9 Ilungiselelo lePhasika ngemva kwesikhathi esimisiwe (1-14)
Ifu nomlilo phezu kwetabernakele (15-23)

10 Amacilongo esiliva (1-10)
Ukusuka eSinayi (11-13)
Indlela yokuhamba nokusuka kwama-Israyeli (14-28)
UHobabi ucelwa ukuba ahole u-Israyeli (29-34)
Umthandazo kaMose lapho kusuka ikamu (35, 36)

11 Ukukhononda kuletha umlilo ovela kuNkulunkulu (1-3)
Abantu bakhalela inyama (4-9)
Imizwa kaMose yokungafaneleki (10-15)
UJehova unika amadoda amadala angu-70 umoya wakhe (16-25)
U-Elidadi noMedadi; uJoshuwa unesikhwele ngoMose (26-30)
Kuthunyelwa izagwaca; abantu bajeziselwa ubugovu (31-35)

12 UMiriyamu no-Aroni bamelana noMose (1-3)
UMose umnene kunabo bonke (3)
UJehova ulwela uMose (4-8)
UMiriyamu ushaywa ngochoko (9-16)

13 Izinhloli ezingu-12 zithunyelwa eKhanani (1-24)
Izinceku eziyishumi ziletha umbiko omubi (25-33)

14 Abantu bafuna ukubuyela eGibhithe (1-10)
Umbiko omuhle kaJoshuwa noKalebi (6-9)
UJehova uthukuthele; uMose uyancenga (11-19)
Isijeziso: Iminyaka engu-40 ehlane (20-38)
U-Israyeli unqotshwa ama-Amaleki (39-45)

15 Imithetho ephathelene neminikelo (1-21)
Abokuzalwa nezifiki banikwa umthetho ofanayo (15, 16)
Iminikelo yezono ezingahlosiwe (22-29)
Isijeziso sezono zamabomu (30, 31)
Owephula iSabatha uyabulawa (32-36)
Izingubo kufanele zibe nezinsephe emiphethweni (37-41)

16 Ukuhlubuka kukaKhora, uDathani no-Abhiramu (1-19)
Isahlulelo sezihlubuki (20-50)

17 Induku ka-Aroni eqhakaza izimbali iwuphawu (1-13)

18 Imisebenzi yabapristi namaLevi (1-7)
Okunikelelwa abapristi (8-19)
Isivumelwano sikasawoti (19)
AmaLevi kumele amukele futhi anikele ngokweshumi (20-32)

19 Inkomo ebomvu namanzi okuhlanza (1-22)

20 UMiriyamu ufela eKadeshi (1)
UMose ushaya idwala one (2-13)
U-Edomi wenqabela u-Israyeli ukuba adlule (14-21)
Ukufa kuka-Aroni (22-29)

21 Inkosi yase-Aradi iyanqotshwa (1-3)
Inyoka yethusi (4-9)
U-Israyeli uzungeza uMowabi (10-20)
Inkosi yama-Amori uSihoni iyanqotshwa (21-30)
Inkosi yama-Amori u-Ogi iyanqotshwa (31-35)

22 UBhalaki uqasha uBhalami (1-21)
Imbongolo kaBhalami iyakhuluma (22-41)

23 Isaga sokuqala sikaBhalami (1-12)
Isaga sesibili sikaBhalami (13-30)

24 Isaga sesithathu sikaBhalami (1-11)
Isaga sesine sikaBhalami (12-25)

25 Isono sika-Israyeli nabesifazane bakwaMowabi (1-5)
UFinehasi uthatha isinyathelo (6-18)

26 Izizwe zakwa-Israyeli zibalwa okwesibili (1-65)

27 Amadodakazi kaZelofehadi (1-11)
UJoshuwa uyalwa ukuba angene esikhundleni sikaMose (12-23)

28 Izinqubo zeminikelo ehlukahlukene (1-31)

Iminikelo yansuku zonke (1-8)
YeSabatha (9, 10)
Iminikelo yanyanga zonke (11-15)
YePhasika (16-25)
YoMkhosi Wamasonto (26-31)

29 Izinqubo zeminikelo ehlukahlukene (1-40)
Usuku lokushaywa kwecilongo (1-6)
USuku Lokuhlawulelwa (7-11)
UMkhosi Wamadokodo (12-38)

30 Izifungo zabesilisa (1, 2)
Izifungo zabesifazane namadodakazi (3-16)

31 Ukuphindisela kwabakwaMidiyani (1-12)
UBhalami uyabulawa (8)
Iziqondiso zezinto eziphangwe empini (13-54)

32 Izindawo zokuhlala empumalanga yeJordani (1-42)

33 Izigaba zohambo lwama-Israyeli ehlane (1-49)
Iziyalezo zokunqoba iKhanani (50-56)

34 Imingcele yaseKhanani (1-15)
Amadoda abelwe ukuhlukanisa izwe (16-29)

35 Amadolobha amaLevi (1-8)
Amadolobha esiphephelo (9-34)

36 Umthetho ophathelene nomshado wezindlalifa zesifazane (1-13)


1 UJehova wakhuluma noMo-
se ehlane laseSinayi,[a] ete-
ndeni lokuhlangana,[b] ngosu-
ku lokuqala lwenyanga yesibi-
li, ngonyaka wesibili wokuphu-
ma kwabo ezweni laseGibhi-
the.[c] Wathi: **2** “Balani[d] umu-
ntu ngamunye* kuyo yonke
inhlangano yama-Israyeli# ngo-
kwemindeni yayo, ngokwezi-
ndlu zoyise, ngokwesibalo sa-
magama abo bonke abesili-
sa. **3** Wena no-Aroni kufane-
le nibabhalise ngokwamaqe-
mbu* abo bonke abasukela
eminyakeni engu-20 ubudala
kuya phezulu[e] abangaya empi-
ni kwa-Israyeli.

**4** “Thathani indoda eyodwa
esizweni ngasinye; ngayinye
izoba inhloko yendlu kayi-
se.[f] **5** Yilawa amagama ama-
doda ayokuma nani: kwaRu-
beni, u-Elizuri[g] indodana ka-
Shedewuri; **6** kwaSimeyoni,
uShelumiyeli[a] indodana kaZu-
rishadayi; **7** kwaJuda, uNahe-
shoni[b] indodana ka-Aminada-
ba; **8** kwa-Isakare, uNethane-
li[c] indodana kaZuwari; **9** kwa-
Zebhuloni, u-Eliyabe[d] indoda-
na kaHeloni; **10** emadodaneni
kaJosefa: kwa-Efrayimi,[e] u-Eli-
shama indodana ka-Amihudi;
kwaManase, uGamaliyeli indo-
dana kaPhedazuri; **11** kwa-
Bhenjamini, u-Abhidani[f] indo-
dana kaGidiyoni; **12** kwaDa-
ni, u-Ahiyezeri[g] indodana ka-
Amishadayi; **13** kwa-Asheri,
uPhagiyeli[h] indodana ka-
Okirani; **14** kwaGadi, u-Eliya-
safa[i] indodana kaDehuweli;
**15** kwaNafetali, u-Ahira[j] indo-
dana ka-Enani. **16** Yilaba aba-
bizwa enhlanganweni. Bayizi-
khulu[k] zezizwe zoyise, izinhlo-
ko zezinkulungwane zakwa-
Israyeli.”[l]

**17** Ngakho uMose no-Aro-
ni bawathatha la madoda aye-
shiwo ngamagama. **18** Baqo-
qa yonke inhlangano ngosu-
ku lokuqala lwenyanga yesibili

**1:2** *Noma, “ikhanda nekhanda.” #NgesiHebheru, “yabantwana bakwa-Israyeli.” **1:3** *NgesiHebheru, “ngokwamabutho.”

ISAHL. 1
a Eks 19:1; IzE 7:38
b Eks 25:22
c Eks 40:17
d Eks 30:12
e Eks 30:14
f Eks 18:25; Num 1:16; Jos 22:13, 14; Jos 23:2; 1Kr 27:1
g Num 2:10

Uhla 2
a Num 7:11, 36
b Rut 4:20; Luk 3:23, 32
c Num 10:15
d Num 7:11, 24
e Gen 48:20
f Num 2:22
g Num 7:11, 66
h Num 7:11, 72
i Num 2:14; Num 7:11, 42; Num 10:20
j Num 2:29; Num 10:27
k Eks 18:21; Num 7:2
l Dut 1:15

ukuze kubhaliswe umuntu ngamunye ngegama, ngokomndeni wakhe nangokwendlu kayise, kusukela kwabaneminyaka engu-20 ubudala kuya phezulu,[a]
**19** njengoba nje uJehova ayemyalile uMose. Ngakho wababhalisa ehlane laseSinayi.[b]

**20** Amadodana kaRubeni, uzalo lwezibulo lika-Israyeli,[c] abhaliswa ngamagama, ngokwemindeni yawo nangokwezindlu zoyise. Kwabalwa umuntu ngamunye kubo bonke abesilisa abaneminyaka esukela kwengu-20 ubudala kuya phezulu ababengaya empini,
**21** inani lababhaliswa esizweni sakwa-Rubeni lalingu-46 500.

**22** Uzalo lukaSimeyoni[d] lwabhaliswa ngamagama, ngokwemindeni yalo nangokwezindlu zoyise. Kwabalwa umuntu ngamunye kubo bonke abesilisa abaneminyaka esukela kwengu-20 ubudala kuya phezulu ababengaya empini,
**23** inani lababhaliswa esizweni sakwa-Simeyoni lalingu-59 300.

**24** Uzalo lukaGadi[e] lwabhaliswa ngamagama, ngokwemindeni yalo nangokwezindlu zoyise. Kwabalwa bonke abesilisa abaneminyaka esukela kwengu-20 ubudala kuya phezulu ababengaya empini,
**25** inani lababhaliswa esizweni sakwa-Gadi lalingu-45 650.

**26** Uzalo lukaJuda[f] lwabhaliswa ngamagama, ngokwemindeni yalo nangokwezindlu zoyise. Kwabalwa bonke abesilisa abaneminyaka esukela kwengu-20 ubudala kuya phezulu ababengaya empini,
**27** inani lababhaliswa esizweni sakwa-Juda lalingu-74 600.

**28** Uzalo luka-Isakare[g] lwabhaliswa ngamagama, ngokwemindeni yalo nangokwezindlu zoyise. Kwabalwa bonke abesilisa abaneminyaka esukela kwengu-20 ubudala kuya phezulu ababengaya empini,
**29** inani lababhaliswa esizweni sakwa-Isakare lalingu-54 400.

**30** Uzalo lukaZebhuloni[a] lwabhaliswa ngamagama, ngokwemindeni yalo nangokwezindlu zoyise. Kwabalwa bonke abesilisa abaneminyaka esukela kwengu-20 ubudala kuya phezulu ababengaya empini,
**31** inani lababhaliswa esizweni sakwaZebhuloni lalingu-57 400.

**32** Uzalo lukaJosefa ngo-Efrayimi[b] lwabhaliswa ngamagama, ngokwemindeni yalo nangokwezindlu zoyise. Kwabalwa bonke abesilisa abaneminyaka esukela kwengu-20 ubudala kuya phezulu ababengaya empini,
**33** inani lababhaliswa esizweni sakwa-Efrayimi lalingu-40 500.

**34** Uzalo lukaManase[c] lwabhaliswa ngamagama, ngokwemindeni yalo nangokwezindlu zoyise. Kwabalwa bonke abesilisa abaneminyaka esukela kwengu-20 ubudala kuya phezulu ababengaya empini,
**35** inani lababhaliswa esizweni sakwaManase lalingu-32 200.

**36** Uzalo lukaBhenjamini[d] lwabhaliswa ngamagama, ngokwemindeni yalo nangokwezindlu zoyise. Kwabalwa bonke abesilisa abaneminyaka esukela kwengu-20 ubudala kuya phezulu ababengaya empini,
**37** inani lababhaliswa esizweni sakwaBhenjamini lalingu-35 400.

**38** Uzalo lukaDani[e] lwabhaliswa ngamagama, ngokwemindeni yalo nangokwezindlu zoyise. Kwabalwa bonke abesilisa abaneminyaka esukela kwengu-20 ubudala kuya phezulu ababengaya empini,
**39** inani

ISAHL. 1
a Eks 30:14
b Num 26:1, 2
c Gen 29:32; Num 2:10, 11
d Gen 29:33; Gen 46:10; Num 2:12, 13
e Gen 30:10, 11; Gen 46:16; Num 2:14, 15
f Gen 29:35; Gen 46:12; Num 2:3, 4; 1Kr 5:2; Mat 1:2; Heb 7:14
g Gen 30:17, 18; Gen 46:13; Num 2:5, 6

Uhla 2
a Gen 30:20; Num 2:7, 8
b Gen 41:51, 52; Gen 46:20; Gen 48:17-19; Num 2:18, 19
c Num 2:20, 21
d Gen 43:29; Gen 46:21; Num 2:22, 23
e Gen 30:4-6; Gen 46:23; Num 2:25, 26; Num 10:25

lababhaliswa esizweni sakwa-
Dani lalingu-62 700.
**40** Uzalo luka-Asheri[a] lwa-
bhaliswa ngamagama, ngokwe-
mindeni yalo nangokwezindlu
zoyise. Kwabalwa bonke abe-
silisa abaneminyaka esuke-
la kwengu-20 ubudala kuya
phezulu ababengaya empini,
**41** inani lababhaliswa esizweni
sakwa-Asheri lalingu-41 500.
**42** Uzalo lukaNafetali[b] lwa-
bhaliswa ngamagama, ngokwe-
mindeni yalo nangokwezindlu
zoyise. Kwabalwa bonke abe-
silisa abaneminyaka esuke-
la kwengu-20 ubudala kuya
phezulu ababengaya empini,
**43** inani lababhaliswa esizweni
sakwaNafetali lalingu-53 400.
**44** Laba babhaliswa uMose
no-Aroni kanye nezikhulu za-
kwa-Israyeli ezingu-12, ngasi-
nye simelela indlu kayise.
**45** Wonke ama-Israyeli asuke-
la kwaneminyaka engu-20 ubu-
dala kuya phezulu, ayengaya
empini kwa-Israyeli, abhaliswa
ngokwezindlu zoyise, **46** bo-
nke ababhaliswa babengu-
603 550.[c]
**47** Kodwa amaLevi[d] awaza-
nge abhaliswe phakathi kwabo
ngokwesizwe soyise.[e] **48** Nga-
kho uJehova wathi kuMose:
**49** "Yisizwe sakwaLevi kuphe-
la okungafanele usibhalise fu-
thi inani laso akufanele ulihla-
nganise nelamanye ama-Israye-
li.[f] **50** Kufanele ubeke amaLe-
vi anakekele itabernakele lobu-
Fakazi[g] nazo zonke izinto zalo
nakho konke okungokwalo.[h]
Ayothwala itabernakele nazo
zonke izinto zalo,[i] akhonze
kulo[j] futhi kumele amise ama-
tende awo azungeze itaberna-
kele.[k] **51** Noma nini lapho ita-
bernakele kufanele lisuswe,
amaLevi kufanele alehlise;[l] la-
pho itabernakele kufanele li-
phinde limiswe, amaLevi kufa-
nele alimise; noma yimuphi
umuntu ongagunyaziwe* oso-
ndela ngakulo kufanele abu-
lawe.[a]
**52** "UmIsrayeli ngamunye
kufanele azigxumekele itende
ekamu lakhe, indoda ngayi-
nye ngokwesigaba sayo sezi-
zwe ezintathu[b] ngamaqe-
mbu* awo. **53** AmaLevi kufa-
nele agxumeke amatende awo
azungeze itabernakele lobuFa-
kazi, ukuze kungabi bikho ntu-
kuthelo engase ivukele inhla-
ngano yama-Israyeli;[c] amaLevi
yiwo anesibopho sokunakeke-
la* itabernakele lobuFakazi."[d]
**54** Ama-Israyeli akwenza
konke uJehova ayekuyale uMo-
se. Enza kanjalo nje.

**2** Manje uJehova wakhuluma
noMose no-Aroni, wathi:
**2** "Ama-Israyeli kufanele amise
amatende lapho kwabelwe kho-
na izigaba zawo zezizwe ezinta-
thu,[e] indoda ngayinye eduze
kophawu lwendlu kayise. Kufa-
nele amise amatende aqonda-
ne netende lokuhlangana, ali-
zungeze.
**3** "Labo abamise amatende
abo ohlangothini olusempuma-
langa, kuyoba isigaba sezi-
zwe ezintathu sekamu lakwa-
Juda ngokwamaqembu* aso;
isikhulu sabantwana bakwaJu-
da uNaheshoni[f] indodana ka-
Aminadaba. **4** Labo ababha-
liswe ebuthweni lakhe bangu-
74 600.[g] **5** Abayomisa amate-
nde eceleni kwakhe kuyoba
isizwe sakwa-Isakare; isikhulu
sabantwana bakwa-Isakare uNe-
thaneli[h] indodana kaZuwari.

**1:51** *NgesiHebheru, "noma yisiphi isihambi," okuwukuthi, umuntu ongeyena umLevi. **1:52** *NgesiHebheru, "ngamabutho." **1:53** *Noma, "sokuqapha; sokwenza inkonzo yawo." **2:3** *NgesiHebheru, "ngokwamabutho."

ISAHL. 1
a Gen 35:26; Num 2:27, 28
b Gen 30:7, 8; Gen 46:24; Num 2:29, 30; Num 26:48
c Gen 13:16; Gen 22:17; Gen 46:3; Eks 38:26; Num 2:32
d Gen 29:34; Gen 46:11; Num 3:12
e Num 2:33; Num 26:63, 64
f Num 26:62, 63
g Eks 31:18
h Eks 38:21; Num 3:6, 8
i Num 4:15; Num 4:24-26; Num 4:31-33
j Num 3:30, 31; Num 4:12
k Num 2:17; Num 3:23, 29; Num 3:35, 38
l Num 10:17, 21

Uhla 2
a Num 3:10; Num 18:22
b Num 2:2, 34
c Num 8:19; Num 18:5
d Num 8:24; Num 18:2, 3; 1Kr 23:32

ISAHL. 2
e Num 1:52
f Num 7:12; Num 10:14; Rut 4:20; Mat 1:4
g Num 1:27
h Num 7:11, 18; Num 10:15

**6** Labo ababhaliswe ebuthwe-
ni lakhe bangu-54 400.[a] **7** Ko-
lunye uhlangothi kunesi-
zwe sakwaZebhuloni; isikhu-
lu sabantwana bakwaZebhulo-
ni u-Eliyabe[b] indodana kaHeloni.
**8** Labo ababhaliswe ebuthweni
lakhe bangu-57 400.[c]

**9** “Bonke ababhaliswe ema-
buthweni ekamu lakwaJuda
bangu-186 400. Kufanele basu-
ke kuqala.[d]

**10** “Isigaba sezizwe ezinta-
thu sekamu lakwaRubeni[e]
ngokwamaqembu* aso siyo-
ba ngaseningizimu; isikhulu
sabantwana bakwaRubeni u-
Elizuri[f] indodana kaShedewu-
ri. **11** Labo ababhaliswe ebu-
thweni lakhe bangu-46 500.[g]
**12** Abayomisa amatende ece-
leni kwakhe kuyoba yisi-
zwe sakwaSimeyoni; isikhu-
lu sabantwana bakwaSimeyo-
ni uShelumiyeli[h] indodana ka-
Zurishadayi. **13** Labo ababha-
liswe ebuthweni lakhe bangu-
59 300.[i] **14** Ngakolunye uhla-
ngothi kunesizwe sakwaGadi;
isikhulu sabantwana bakwaGa-
di u-Eliyasafa[j] indodana kaRe-
huweli. **15** Labo ababhaliswe
ebuthweni lakhe bangu-45 650.[k]

**16** “Bonke ababhaliswe ema-
buthweni ekamu lakwaRube-
ni bangu-151 450, kufanele babe
abesibili ukusuka.[l]

**17** “Lapho itende lokuhla-
ngana lisuswa,[m] ikamu lamaLe-
vi kufanele libe phakathi kwa-
manye amakamu.

“Kufanele bahambe ngendle-
la efanayo nabamise nga-
yo amatende,[n] yilowo nalowo
endaweni yakhe, ngokwezigaba
zabo zezizwe ezintathu.

**18** “Isigaba sezizwe ezinta-
thu sekamu lakwa-Efrayimi
ngokwamaqembu* aso siyo-
ba ngasentshonalanga; isikhu-
lu samadodana akwa-Efrayi-
mi u-Elishama[a] indodana ka-
Amihudi. **19** Labo ababhali-
swe ebuthweni lakhe ba-
ngu-40 500.[b] **20** Eceleni kwa-
khe kuyoba yisizwe sakwaMa-
nase;[c] isikhulu sabantwana ba-
kwaManase uGamaliyeli[d] indo-
dana kaPhedazuri. **21** Labo
ababhaliswe ebuthweni lakhe
bangu-32 200.[e] **22** Ngakolu-
nye uhlangothi kunesizwe
sakwaBhenjamini; isikhulu
sabantwana bakwaBhenjamini
u-Abhidani[f] indodana kaGidiyo-
ni. **23** Labo ababhaliswe ebu-
thweni lakhe bangu-35 400.[g]

**24** “Bonke ababhaliswe ema-
buthweni ekamu lakwa-Efrayi-
mi bangu-108 100, kufanele babe
abesithathu ukusuka.[h]

**25** “Isigaba sezizwe ezinta-
thu sekamu lakwaDani ngo-
kwamaqembu* aso siyoba
ngasenyakatho; isikhulu sa-
bantwana bakwaDani u-Ahi-
yezeri[i] indodana ka-Amishada-
yi. **26** Labo ababhaliswe ebu-
thweni lakhe bangu-62 700.[j]
**27** Abayomisa amatende ece-
leni kwakhe kuyoba yisi-
zwe sakwa-Asheri; isikhulu sa-
bantwana bakwa-Asheri uPha-
giyeli[k] indodana ka-Okirani.
**28** Labo ababhaliswe ebu-
thweni lakhe bangu-41 500.[l]
**29** Ngakolunye uhlangothi ku-
nesizwe sakwaNafetali; isikhu-
lu sabantwana bakwaNafeta-
li u-Ahira[m] indodana ka-Ena-
ni. **30** Labo ababhaliswe ebu-
thweni lakhe bangu-53 400.[n]

**31** “Bonke ababhaliswe eka-
mu lakwaDani bangu-157 600.
Kufanele babe abokugcina uku-
suka,[o] ngokwezigaba zabo ezi-
zwe ezintathu.”

**32** Lawa kwakungama-Isra-
yeli ayebhaliswe ngokwezindlu

---

**2:10, 18, 25** *NgesiHebheru, “ngokwamabutho.”

ISAHL. 2
a Num 1:29
b Num 7:11, 24 Num 10:16
c Num 1:31
d Num 10:14
e Num 1:20
f Num 7:11, 30 Num 10:18
g Num 1:21
h Num 7:11, 36 Num 10:19
i Num 1:23
j Num 7:11, 42 Num 10:20
k Num 1:25
l Num 10:18
m Num 1:51
n 1Ko 14:33, 40

Uhla 2
a Num 7:11, 48 Num 10:22
b Num 1:33
c Gen 48:20
d Num 7:11, 54 Num 10:23
e Num 1:35
f Num 7:11, 60 Num 10:24
g Num 1:37
h Num 10:22
i Num 7:11, 66 Num 10:25
j Num 1:39
k Num 7:11, 72 Num 10:26
l Num 1:41
m Num 7:11, 78 Num 10:27
n Num 1:43
o Num 10:25

zoyise; sebebonke ababebhali-
selwe impi emakamu babengu-
603 550.[a] **33** Kodwa amaLevi
awazange abhaliswe[b] kanye na-
manye ama-Israyeli,[c] njengoba
nje uJehova ayemyalile uMo-
se. **34** Ama-Israyeli akwenza
konke uJehova ayekuyale uMo-
se. Yileyo ndlela amisa ngayo
amatende ngokwezigaba zawo
zezizwe ezintathu[d] futhi yile-
yo ndlela ayesuka ngayo,[e] yilo-
wo nalowo ngokomndeni waku-
bo nangokwezindlu zoyise.

**3** Lolu kwakuwuzalo* luka-
Aroni noMose mhla uJeho-
va ekhuluma noMose eNtabeni
iSinayi.[f] **2** Yilawa amagama
amadodana ka-Aroni: uNadabi
izibulo, u-Abhihu,[g] u-Eleyaza-
re[h] no-Itamari.[i] **3** Lawa kwa-
kungamagama amadodana ka-
Aroni, abapristi abagcotshiwe,
ayebekwe ukuba akhonze nje-
ngabapristi.[j] **4** Nokho, uNada-
bi no-Abhihu bafa phambi ku-
kaJehova lapho benikela ngo-
mlilo ongagunyaziwe phambi
kukaJehova[k] ehlane laseSina-
yi, futhi abazange babe na-
madodana. Kodwa u-Eleyaza-
re[l] no-Itamari[m] baqhubeka be-
ngabapristi kanye no-Aroni
uyise.

**5** UJehova wabe esethi ku-
Mose: **6** "Sondeza isizwe sa-
kwaLevi,[n] usimise phambi
kuka-Aroni umpristi, simkho-
nze.[o] **7** Kufanele sigcine isi-
bopho saso kuye nakuyo yo-
nke inhlangano phambi kwe-
tende lokuhlangana ngokwe-
nza inkonzo yaso yasetabe-
rnakele. **8** Kufanele sinakeke-
le zonke izinto[p] zetende lo-
kuhlangana, sigcine nesibopho
saso kuma-Israyeli ngokwe-
nza inkonzo yasetabernakele.[q]
**9** AmaLevi kufanele uwani-
ke u-Aroni namadodana akhe.
Anikwe yena njengezipho ezi-
vela kuma-Israyeli.[a] **10** Kufa-
nele umise u-Aroni namadoda-
na akhe, kufanele benze imi-
sebenzi yabo yobupristi[b] futhi
noma imuphi umuntu ongagu-
nyaziwe* osondelayo kufanele
abulawe."[c]

**11** UJehova waqhubeka
ekhuluma noMose, wathi:
**12** "Kodwa mina, ngithatha
amaLevi phakathi kwama-Isra-
yeli esikhundleni sawo wonke
amazibulo* ama-Israyeli,[d] ama-
Levi azoba ngawami. **13** Ngo-
ba wonke amazibulo angawa-
mi.[e] Ngosuku engabulala nga-
lo wonke amazibulo ezweni
laseGibhithe,[f] ngazingcwelisela
wonke amazibulo akwa-Israye-
li kusukela kumuntu kuya esi-
lwaneni.[g] Kufanele abe ngawa-
mi. NginguJehova."

**14** UJehova waqhubeka
ekhuluma noMose ehlane la-
seSinayi,[h] wathi: **15** "Bhali-
sa amadodana akwaLevi ngo-
kwezindlu zoyise nangokwe-
mindeni yawo. Kufanele ubha-
lise bonke abesilisa kusukela
kwabanenyanga eyodwa ubu-
dala kuya phezulu."[i] **16** Nga-
kho uMose wawabhalisa ngoko-
myalo kaJehova, njengoba nje
ayeyaliwe. **17** Lawa kwaku-
ngamagama amadodana kaLe-
vi: uGereshoni, uKohati noMe-
rari.[j]

**18** Lawa kwakungamagama
amadodana kaGereshoni ngo-
kwemindeni yawo: uLibhini no-
Shimeyi.[k]

**19** Amadodana kaKohati
ngokwemindeni yawo kwaku-
ngu-Amramu, u-Izihari, uHe-
broni no-Uziyeli.[l]

---

**3:1** *NgesiHebheru, "kwakuyizizukulwane."

**3:10** *NgesiHebheru, "noma yisiphi isihambi," okuwukuthi, umuntu ongeyena owomndeni ka-Aroni. **3:12** *NgesiHebheru, "wonke amazibulo avula isizalo."

---

ISAHL. 2
a Gen 15:5; Eks 38:26; Num 1:46; Num 14:29; Num 26:51, 64
b Num 1:47; Num 26:62, 63
c Num 3:15
d Num 2:2
e Num 10:28

ISAHL. 3
f Eks 19:2
g Lev 10:1; 1Kr 24:2
h Eks 6:25; Dut 10:6
i Eks 6:23; Eks 38:21; 1Kr 6:3
j Eks 28:1; Lev 8:2, 3
k Lev 10:1, 2
l Num 3:32; Num 20:26
m Num 4:28; Num 7:8
n Num 8:6; Num 18:2
o Num 1:50; Num 8:11
p Num 4:12
q Num 1:51

Uhla 2
a Num 8:15, 16; Num 18:6
b Eks 40:15; Num 18:7
c Num 16:39, 40; 1Sa 6:19; 2Kr 26:16, 18
d Num 3:41, 45
e Eks 13:2; Eks 34:19; Num 18:15; Luk 2:23
f Eks 13:15
g Lev 27:26
h Eks 19:1
i Num 3:39
j Eks 6:16; Num 26:57; 1Kr 23:6
k Eks 6:17
l Eks 6:18

**20** Amadodana kaMerari
ngokwemindeni yawo kwaku-
nguMaheli[a] noMushi.[b]
Lena kwakuyimindeni yama-
Levi ngokwezindlu zoyise.
**21** KuGereshoni kwavela
umndeni wamaLibhini[c] nom-
ndeni wamaShimeyi. Lena
kwakuyimindeni yamaGere-
shoni. **22** Sebebonke abesi-
lisa ababhalisiwe kubo aba-
benenyanga eyodwa ubuda-
la kuya phezulu babengu-
7 500.[d] **23** Imindeni yamaGe-
reshoni yayimise amatende
ngemva kwetabernakele[e] nga-
sentshonalanga. **24** Isikhulu
sezindlu zoyise samaGeresho-
ni kwakungu-Eliyasafa indo-
dana kaLayeli. **25** Umsebenzi
wamadodana kaGereshoni[f] ete-
ndeni lokuhlangana kwakuwu-
kunakekela itabernakele nete-
nde,[g] isembozo salo,[h] ikhethi-
ni*[i] lomnyango wetende lo-
kuhlangana, **26** amakhethini
alengayo[j] egceke, ikhethini*[k]
lesango legceke elizungeze ita-
bernakele ne-altare, izintambo
zalo zetende, nayo yonke inko-
nzo ehlobene nalezi zinto.
**27** KuKohati kwavela um-
ndeni wama-Amramu, umnde-
ni wama-Izihari, umndeni wa-
maHebroni nomndeni wama-
Uziyeli. Lena kwakuyiminde-
ni yamaKohati.[l] **28** Sebebo-
nke abesilisa abanenyanga
eyodwa ubudala kuya phe-
zulu babengu-8 600; umsebe-
nzi wabo kwakuwukunakeke-
la indawo engcwele.[m] **29** Imi-
ndeni yamadodana kaKohati
yayimise amatende ohlango-
thini oluseningizimu lwetabe-
rnakele.[n] **30** Isikhulu sezi-
ndlu zoyise semindeni yamaKo-
hati kwakungu-Elizafani indo-
dana ka-Uziyeli.[o] **31** Imisebe-
nzi yayo kwakuwukunakeke-
la uMphongolo,[a] itafula,[b] uthi
lwesibani,[c] ama-altare,[d] izinto[e]
ezazisetshenziselwa ukukho-
nza endaweni engcwele, ikhe-
thini*[f] nayo yonke inkonzo
ehlobene nalezi zinto.[g]
**32** Isikhulu esiyinhloko sa-
maLevi kwakungu-Eleyazare[h]
indodana ka-Aroni umpristi,
owayengamele labo ababenza
imisebenzi yendawo engcwele.
**33** KuMerari kwavela um-
ndeni wamaMaheli nomnde-
ni wamaMushi. Lena kwaku-
yimindeni kaMerari.[i] **34** Sebe-
bonke abesilisa ababhalisiwe
ababenenyanga eyodwa ubuda-
la kuya phezulu babengu-6 200.[j]
**35** Isikhulu sezindlu zoyise se-
mindeni kaMerari kwakunguZu-
riyeli indodana ka-Abhihayili.
Babemise amatende ohlango-
thini olungasenyakatho lweta-
bernakele.[k] **36** Umsebenzi wa-
madodana kaMerari kwakuwu-
kwengamela izinhlaka zamapu-
langwe[l] zetabernakele, izingo-
do zalo,[m] izinsika zalo,[n] iziseke-
lo zalo ezinezimbobo, zonke izi-
nto zalo[o] nayo yonke inkonzo
ehlobene nalezi zinto,[p] **37** ka-
nye nezinsika ezazizungeze
igceke, izisekelo zazo ezinezi-
mbobo,[q] izikhonkwane zazo ze-
tende nezintambo zazo zete-
nde.
**38** Labo ababemise amate-
nde abo phambi kwetaberna-
kele ngasempumalanga, pha-
mbi kwetende lokuhlangana
ngalapho kuphuma khona ila-
nga, kwakunguMose no-Aroni
namadodana akhe. Babenom-
thwalo wokunakekela indlu
engcwele, njengesibopho nge-
nxa yama-Israyeli. Noma yimu-
phi umuntu ongagunyaziwe*
osondelayo wayeyobulawa.[r]

**3:25, 26, 31** *Noma, "isihenqo."

**3:38** *NgesiHebheru, "Noma yisiphi isihambi," okuwukuthi, umuntu ongeyena umLevi.

ISAHL. 3
a 1Kr 6:29
b Eks 6:19
c 1Kr 6:20
d Num 4:38-40
e Num 1:53
f Num 4:24-26
g Eks 26:7
h Eks 26:14
i Eks 26:36
j Eks 27:9
k Eks 27:16
l Num 3:19
m Num 4:34-36
n Num 1:53
o Eks 6:22
1Kr 6:18

Uhla 2
a Eks 25:10
b Eks 25:23
c Eks 25:31
d Eks 27:1, 2
Eks 30:1-3
e Eks 38:3
f Eks 26:31
g Num 4:15
h Num 4:16
Num 20:28
i Num 3:20
Num 26:58
j Num 4:42-44
k Num 1:53
l Eks 36:20
m Eks 36:31
n Eks 26:32, 37
Eks 36:37, 38
o Eks 27:19
p Num 4:31, 32
q Eks 27:10, 11
r Num 3:10

**39** Bonke abesilisa abanga-
maLevi abanenyanga eyodwa
ubudala kuya phezulu, ababe-
bhaliswe uMose no-Aroni ngo-
kwemindeni yabo ngomyalo ka-
Jehova babengu-22 000.
**40** UJehova wabe esethi ku-
Mose: "Bhalisa bonke abesili-
sa abangamazibulo kuma-Isra-
yeli kusukela kwabanenyanga
eyodwa ubudala kuya phezu-
lu,[a] ubabale bese ubhala ama-
gama abo. **41** Kumele ungi-
thathele amaLevi—nginguJe-
hova—esikhundleni sawo wo-
nke amazibulo ama-Israyeli,[b]
uthathe nezilwane ezifuywa-
yo zamaLevi esikhundleni
sawo wonke amazibulo ezilwa-
ne ezifuywayo zama-Israyeli."[c]
**42** UMose wawabhalisa wo-
nke amazibulo aphakathi kwa-
ma-Israyeli, njengoba nje uJe-
hova ayemyalile. **43** Sebebo-
nke abesilisa abangamazibulo
ababebhaliswe ngamagama ku-
sukela kwabanenyanga eyodwa
ubudala kuya phezulu babe-
ngu-22 273.
**44** UJehova waqhubeka
ekhuluma noMose, wathi:
**45** "Thatha amaLevi esikhu-
ndleni sawo wonke amazibulo
phakathi kwama-Israyeli, utha-
the nezilwane ezifuywayo za-
maLevi esikhundleni sezilwane
zawo ezifuywayo, amaLevi ku-
mele abe ngawami. NginguJe-
hova. **46** Njengenani lesihle-
ngo[d] labangu-273 emazibulweni
ama-Israyeli, abedlula inani la-
maLevi,[e] **47** kufanele uthathe
amashekeli* amahlanu ngomu-
ntu ngamunye,[f] ngokwesheke-
li elivamile lendawo engcwele.#
Ishekeli lingamagera△ angu-20.[g]
**48** Le mali kufanele uyinike
u-Aroni namadodana akhe nje-
ngenani lesihlengo lalabo abe-
dlula inani lawo." **49** Ngakho
uMose wayithatha le mali yena-
ni lesihlengo kulabo ababedlu-
la inani lesihlengo lamaLevi.
**50** Wayithatha le mali emazi-
bulweni ama-Israyeli, amashe-
keli angu-1 365, ngokweshekeli
elivamile lendawo engcwele.
**51** Ngemva kwalokho uMose
wayinika u-Aroni namadodana
akhe le mali yenani lesihlengo
ngokwezwi* likaJehova, nje-
ngoba nje uJehova ayemyalile
uMose.

**4** UJehova wakhuluma noMo-
se no-Aroni, wathi: **2** "Ku-
fanele kubalwe amadodana
kaKohati[a] phakathi kwama-
dodana kaLevi, ngokweminde-
ni yawo nangokwezindlu zoyi-
se, **3** wonke lawo aneminya-
ka engu-30[b] kuya kwengu-50
ubudala[c] aseqenjini elabelwe
ukusebenza etendeni lokuhla-
ngana.[d]
**4** "Lena inkonzo yamado-
dana kaKohati etendeni lo-
kuhlangana.[e] Yinto engcwele-
ngcwele: **5** Lapho ikamu lisu-
ka, u-Aroni namadodana akhe
kumele bangene behlise ikhe-
thini[f] elilenga eduze kompho-
ngolo[g] wobuFakazi bawumbo-
ze ngalo. **6** Bayobeka isembo-
zo sesikhumba semvu yamanzi
phezu kwawo, bendlale indwa-
ngu eluhlaza okwesibhakabha-
ka phezu kwawo bafake nezi-
nduku zawo zokuwuthwala.[h]
**7** "Bayondlala nendwangu
eluhlaza okwesibhakabhaka
phezu kwetafula lesinkwa so-
kubukwa,[i] babeke phezu kwa-
lo izindishi, izindebe, izitsha,
nojeke bomnikelo ophuzwayo;[j]
phezu kwalo kufanele kuhlale

ISAHL. 3
a Num 3:15
b Num 3:12
c Eks 13:2; Num 18:15
d Num 18:15
e Num 3:39, 43
f Num 18:15, 16
g Lev 27:25

Uhla 2

ISAHL. 4
a Num 3:19, 27
b 1Kr 23:3; Luk 3:23
c Num 8:25, 26
d Num 4:30; 1Kr 6:48
e Num 3:30, 31; Num 4:15
f Eks 26:31; Eks 40:3; Lev 16:2
g Eks 25:10
h Eks 25:13
i Eks 25:23, 24
j Eks 25:29

---

**3:47** *Ishekeli lalilingana no-11,4 g. Bheka iSithasiselo B14. #Noma, "ngokweshekeli elingcwele." △Igera lalilingana no-0,57 g. Bheka iSithasiselo B14.

**3:51** *NgesiHebheru, "ngokomlomo."

kunomnikelo wesinkwa[a] wa-
sikhathi sonke. **8** Bayondlalala
indwangu ebomvu phezu kwa-
ko, balimboze ngesembozo se-
sikhumba semvu yamanzi ba-
fake nezinduku zokulithwala.[b]
**9** Bayobe sebethatha indwa-
ngu eluhlaza okwesibhakabha-
ka bamboze uthi lwesibani[c]
sokukhanyisa kanye neziba-
ni zalo,[d] izindlawu zalo zokuci-
sha* ilangabi, imicengezi yalo
yomlilo,[e] nazo zonke izitsha
zalo zamafutha asetshenzise-
lwa ukulunakekela. **10** Kume-
le balusonge nazo zonke izi-
nto zalo ngesembozo sesi-
khumba semvu yamanzi baku-
beke ogodweni lokukuthwala.
**11** Phezu kwe-altare legoli-
de[f] bayondlala indwangu
eluhlaza okwesibhakabhaka,
balimboze ngesembozo sesi-
khumba semvu yamanzi, bafa-
ke izinduku zokulithwala.[g]
**12** Ngemva kwalokho bayo-
thatha zonke izinto[h] zenko-
nzo abakhonza ngazo njalo
endaweni engcwele, bazibeke
endwangwini eluhlaza okwesi-
bhakabhaka bese bezimboza
ngesembozo sesikhumba se-
mvu yamanzi bazibeke ogo-
dweni lokuzithwala.

**13** "Kufanele basuse umlo-
tha* e-altare,[i] bendlale indwa-
ngu yoboya obuphephuli phe-
zu kwalo. **14** Bayobeka phe-
zu kwalo zonke izinto zalo
abazisebenzisa lapho bekho-
nza e-altare: imicengezi yomli-
lo, izimfoloko, amahalavu, izi-
tsha nazo zonke izinto ze-
altare;[j] kufanele bendlale phe-
zu kwalo isembozo sesikhumba
semvu yamanzi, bafake izindu-
ku zalo zokulithwala.[k]

**4:9** *Noma, "ithuluzi lalo lokucisha."
**4:13** *Noma, "umlotha onamafutha," okuwukuthi, umlotha onamafutha emihlatshelo.

ISAHL. 4
*a* Lev 24:5, 6
*b* Eks 25:28
*c* Eks 25:31
*d* Eks 25:37
*e* Eks 25:38
*f* Eks 30:1 Eks 37:25, 26
*g* Eks 30:5
*h* Num 3:30, 31
*i* Lev 6:12
*j* Eks 27:3
*k* Eks 27:6

Uhla 2
*a* Num 4:5
*b* Num 7:6-9 1Kr 15:2
*c* 2Sa 6:6, 7
*d* Num 3:32
*e* Eks 27:20
*f* Eks 30:34, 35
*g* Eks 30:23-25
*h* Num 3:27
*i* Num 4:4
*j* Eks 19:21 1Sa 6:19
*k* Num 3:21

**15** "U-Aroni namadodana
akhe kumele babe sebeqedi-
le ukumboza indawo engcwe-
le[a] nazo zonke izinto zenda-
wo engcwele lapho ikamu lisu-
ka. Ngemva kwalokho amado-
dana kaKohati ayongena uku-
ze akuthwale,[b] kodwa akumele
athinte indawo engcwele ngo-
ba ayokufa.[c] Lezi zinto ziwu-
msebenzi* wamadodana kaKo-
hati ngokuqondene netende lo-
kuhlangana.

**16** "Umsebenzi ka-Eleyaza-
re[d] indodana ka-Aroni um-
pristi ukwengamela amafutha
ezibani,[e] impepho enamakha,[f]
umnikelo wokudla okusanhla-
mvu owenziwa njalo namafu-
tha okugcoba.[g] Wengamele lo-
nke itabernakele nakho konke
okukulo, okuhlanganisa nenda-
wo engcwele nezinto zalo."

**17** UJehova waqhubeka
ekhuluma noMose no-Aroni,
wathi: **18** "Ningavumi ukuba
isizwe semindeni yamaKoha-
ti[h] sife phakathi kwamaLe-
vi. **19** Kodwa senzeleni lokhu
ukuze siqhubeke siphila singa-
fi ngenxa yokusondela ezintwe-
ni ezingcwelengcwele.[i] U-Aroni
namadodana akhe bayongena
babele umuntu ngamunye kuso
umsebenzi wakhe nalokho azo-
kuthwala. **20** Akumele singe-
ne sibone izinto ezingcwele
ngisho nesikhashana nje, ngo-
ba sizofa."[j]

**21** UJehova wabe esekhulu-
ma noMose, wathi: **22** "Kufa-
nele kubalwe amadodana ka-
Gereshoni[k] ngokwezindlu zoyi-
se nangokwemindeni yawo.
**23** Kufanele ubhalise wo-
nke aneminyaka engu-30 kuya
kwengu-50 ubudala aseqenji-
ni elabelwe ukukhonza ete-
ndeni lokuhlangana. **24** Na-
khu imindeni yamaGereshoni

**4:15** *NgesiHebheru, "ziwumthwalo."

eyabelwe ukuba ikwenze nokuba ikuthwale:[a] **25** Izothwala izindwangu zetende zetabernakele,[b] itende lokuhlangana, isembozo salo nesembozo sesikhumba semvu yamanzi esiphezu kwalo,[c] ikhethini* lomnyango wetende lokuhlangana,[d] **26** amakhethini alengayo egceke,[e] ikhethini* lesango legceke[f] elizungeza itabernakele ne-altare, izintambo zako zamatende nazo zonke izinto zako, nazo zonke izinto okwenziwa ngazo inkonzo yalo. Lesi isabelo sayo. **27** Yonke inkonzo nemithwalo yamaGereshoni[g] kufanele yenganyelwe u-Aroni namadodana akhe; niyowabela yonke le mithwalo njengomsebenzi wawo. **28** Lena inkonzo okumele yenziwe imindeni yamaGereshoni etendeni lokuhlangana,[h] futhi imisebenzi yawo iqondiswa u-Itamari[i] indodana ka-Aroni umpristi.

**29** "Amadodana kaMerari[j] uyowabhalisa ngokwemindeni yawo nangokwezindlu zoyise. **30** Uyobhalisa aneminyaka engu-30 kuya kwengu-50 ubudala, wonke aseqenjini elabelwe ukukhonza etendeni lokuhlangana. **31** Nakhu anesibopho sokukuthwala[k] ngokuqondene nenkonzo yawo etendeni lokuhlangana: izinhlaka zamapulangwe[l] zetabernakele, izingodo zalo,[m] izinsika zalo,[n] izisekelo zalo ezinezimbobo;[o] **32** izinsika[p] ezizungeze igceke, izisekelo zazo ezinezimbobo,[q] izikhonkwane zazo zetende,[r] izintambo zazo zetende kanye nazo zonke izimpahla zazo nayo yonke inkonzo ehlobene nalezi zinto. Uyokwabela umuntu ngamunye lokho azokuthwala. **33** Lena indlela imindeni yamadodana kaMerari[a] okufanele ikhonze ngayo etendeni lokuhlangana, iqondiswa u-Itamari indodana ka-Aroni umpristi."[b]

**34** UMose no-Aroni nezikhulu[c] zenhlangano babe sebebhalisa amadodana amaKohati[d] ngokwemindeni yawo nangokwezindlu zoyise, **35** wonke aneminyaka engu-30 kuya kwengu-50 ubudala aseqenjini elabelwe ukukhonza etendeni lokuhlangana.[e] **36** Sebebonke ababhaliswa ngokwemindeni yabo babengu-2 750.[f] **37** Laba babhaliswa emindenini yamaKohati, bonke labo ababekhonza etendeni lokuhlangana. UMose no-Aroni bababhalisa ngokomyalo kaJehova ngoMose.[g]

**38** Amadodana kaGereshoni[h] abhaliswa ngokwemindeni yawo nangokwezindlu zoyise, **39** wonke aneminyaka engu-30 kuya kwengu-50 ubudala aseqenjini elabelwe ukukhonza etendeni lokuhlangana. **40** Ingqikithi yalabo ababhaliswa ngokwemindeni yabo nangokwezindlu zoyise yayingu-2 630.[i] **41** Yilaba ababhaliswa emindenini yamadodana kaGereshoni, bonke labo ababekhonza etendeni lokuhlangana. UMose no-Aroni bababhalisa ngokomyalo kaJehova.[j]

**42** Amadodana kaMerari abhaliswa ngokwemindeni yawo nangokwezindlu zoyise, **43** wonke aneminyaka engu-30 kuya kwengu-50 ubudala aseqenjini elabelwe ukukhonza etendeni lokuhlangana.[k] **44** Ingqikithi yalabo ababhaliswa kubo ngokwemindeni yabo yayingu-3 200.[l] **45** Yilaba ababhaliswa emindenini yamadodana akwaMerari, uMose no-Aroni ababhalisa

**4:25, 26** *Noma, "isihenqo."

ISAHL. 4
a Num 3:25, 26
b Eks 26:1
c Eks 26:7, 14
d Eks 26:36
e Eks 27:9
f Eks 27:16
g Num 3:21, 23
h Num 3:25, 26
i Eks 6:23; Num 4:33; Num 7:8
j Eks 6:19; Num 3:33
k Num 3:36, 37
l Eks 26:15
m Eks 26:26
n Eks 26:37; Eks 36:38
o Eks 26:19; Eks 38:27
p Eks 27:10
q Eks 27:11
r Eks 27:19

Uhla 2
a Num 3:33
b Num 4:28
c Num 1:16
d Num 3:19, 27
e Num 4:47; Num 8:25, 26
f Num 3:27, 28
g Num 3:15
h Num 3:21
i Num 3:21, 22
j Num 4:22, 23
k Num 8:25, 26
l Num 3:33, 34

ngokomyalo kaJehova ngo-
Mose.[a]
**46** UMose no-Aroni nezi-
khulu zakwa-Israyeli babhali-
sa wonke la maLevi ngo-
kwemindeni yawo nangokwezi-
ndlu zoyise; **47** ayeneminya-
ka engu-30 kuya kwengu-50
ubudala, wonke ayabelwe uku-
khonza nokuthwala imithwa-
lo ngokuqondene netende loku-
hlangana.[b] **48** Ingqikithi yala-
bo ababhaliswa yayingu-8 580.[c]
**49** Babhaliswa ngokomyalo ka-
Jehova ngoMose, yilowo nalo-
wo ngokwenkonzo yakhe aya-
belwe nomthwalo wakhe; ba-
bhaliswa njengoba nje uJehova
ayemyalile uMose.

**5** UJehova waqhubeka wathi
kuMose: **2** "Yala ama-Isra-
yeli ukuba akhiphele ngapha-
ndle kwekamu wonke umuntu
onochoko[d] nawo wonke umu-
ntu ophuma ukungcola esi-
thweni sangasese[e] nawo wonke
umuntu ongcoliswe umuntu*
oshonile.[f] **3** Kungakhathalise-
ki ukuthi owesilisa noma owe-
sifazane, kufanele nibakhiphe-
le ngaphandle. Kufanele ni-
bakhiphele ngaphandle kweka-
mu, ukuze bangangcolisi[g] ama-
kamu alabo engihlala phakathi
kwabo."*[h] **4** Ngakho ama-Isra-
yeli enza kanjalo, abakhiphe-
la ngaphandle kwekamu. Nje-
ngoba nje uJehova ayemtsheli-
le uMose, enza kanjalo nje ama-
Israyeli.

**5** UJehova waqhubeka wa-
thi kuMose: **6** "Khuluma
nama-Israyeli uthi, 'Uma owe-
silisa noma owesifazane enza
noma yisiphi isono kwezenziwa
abantu futhi enza isenzo soku-
ngathembeki kuJehova, lowo
muntu usenecala.[i] **7** Kumele
asivume*[a] isono asenzile,# abu-
yisele inani eliphelele libe isi-
nxephezelo secala lakhe bese
enezela okwesihlanu kwalelo
nani;[b] akunike lowo amonile.
**8** Kodwa uma owoniwe enge-
naso isihlobo esiseduze esi-
ngamukela isinxephezelo, kufa-
nele sibuyiselwe kuJehova sibe
esompristi, ngaphandle kwe-
nqama yokuhlawulelwa ayome-
nzela ngayo isihlawulelo.[c]

**9** "'Wonke umnikelo[d]
ongcwele ovela kuma-Israye-
li olethwa kumpristi kufanele
kube owakhe.[e] **10** Izinto ezi-
ngcwele zomuntu ngamunye zi-
yohlala zingezakhe. Noma yini
umuntu ayinika umpristi, leyo
nto iyoba eyompristi.'"

**11** UJehova waqhubeka wa-
khuluma noMose, wathi:
**12** "Khuluma nama-Israyeli
uthi kuwo, 'Nakhu okufane-
le kwenziwe uma noma iyiphi
inkosikazi yendoda iphambu-
ka ingathembeki kuyo **13** fu-
thi enye indoda ilala nayo,[f] ko-
dwa umyeni wayo engazi futhi
kuhlale kungaziwa, nokho owe-
sifazane yena ezingcolisile ko-
dwa kungekho fakazi, enga-
zange abanjwe: **14** Kungakha-
thaliseki ukuthi umyeni une-
sikhwele nezinsolo ngokwethe-
mbeka komkakhe lapho ezi-
ngcolisile, noma unesikhwele
nezinsolo ngokwethembeka
komkakhe lapho engazingcoli-
sanga, **15** leyo ndoda kumele
ilethe umkayo kumpristi, ilethe
nomnikelo womkayo, okweshu-
mi kwe-efa* likafulawa webha-
li. Akumele ithele amafutha
kuwo noma ifake inhlaka ye-
mpepho kuwo, ngoba kungu-
mnikelo wokudla okusanhla-

---

**5:2** *Noma, "umphefumulo." Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **5:3** *Noma, "ematabernakele abo."

**5:7** *NgesiHebheru, "basivume." #NgesiHebheru, "abasenzile." **5:15** *Okweshumi kwe-efa kwakulingana no-2,2 L. Bheka iSithasiselo B14.

---

ISAHL. 4
a Num 4:29
b Num 4:15; Num 4:24-26; Num 4:31-33
c Num 3:39

ISAHL. 5
d Lev 13:45, 46
e Lev 15:2
f Lev 22:4; Num 19:11
g Num 19:22
h Eks 25:8; Lev 26:11
i Lev 5:1, 17

Uhla 2
a Lev 5:5; Jos 7:19; Jak 5:16
b Lev 6:4, 5
c Lev 5:16; Lev 6:6, 7; Lev 7:7
d Lev 6:14, 17; Lev 7:1, 6; Lev 10:12, 13
e Eks 29:27, 28; Num 18:8; Dut 18:3; Hez 44:29; 1Ko 9:13
f Lev 18:20; Dut 5:18

mvu wesikhwele, umnikelo wokudla okusanhlamvu oyisikhumbuzo ngecala.

16 "'Umpristi uyomsondeza phambili lona wesifazane, ammise phambi kukaJehova.[a] 17 Umpristi uyothatha amanzi angcwele ngesitsha sobumba, athathe uthuli phansi etabernakele alufake emanzini. 18 Umpristi uyomisa lona wesifazane phambi kukaJehova, asuse iduku lokushuqula ekhanda lowesifazane, abeke ezandleni zowesifazane umnikelo wokudla okusanhlamvu wesikhumbuzo, okuwukuthi, umnikelo wokudla okusanhlamvu wesikhwele,[b] futhi umpristi uyoba namanzi ababayo esiqalekiso esandleni sakhe.[c]

19 "'Umpristi uyobe esemfungisa owesifazane, athi kuye: "Uma kungekho ndoda elale nawe njengoba ushade nomyeni wakho[d] futhi ungazange uphambuke wazingcolisa, kwangathi ungakhululeka emphumeleni wala manzi ababayo esiqalekiso. 20 Kodwa uma uphambukile njengoba ushade nomyeni wakho ngokuzingcolisa, futhi uye walala nenye indoda[e] engeyena umyeni wakho—" 21 Umpristi uyobe esefungisa lona wesifazane isifungo esinesiqalekiso, athi kowesifazane: "Kwangathi uJehova angenza ukuba igama lakho lisetshenziswe lapho kuqalekiswa nalapho kufungwa phakathi kwabantu bakini, njengoba uJehova enza ukuba ithanga* lakho liwe# nesisu sakho sikhukhumale. 22 La manzi esiqalekiso ayongena emathunjini akho ukuze enze isisu sakho sikhukhumale nethanga* lakho liwe."# Owesifazane kufanele athi: "Amen! Amen!"△

23 "'Umpristi kufanele azibhale encwadini lezi ziqalekiso, azesulele emanzini ababayo. 24 Uyobe esephuzisa lona wesifazane lawo manzi, angene ngaphakathi kuye ambangele ubuhlungu. 25 Umpristi kufanele athathe umnikelo wokudla okusanhlamvu wesikhwele[a] esandleni sowesifazane, awuzulise phambi kukaJehova futhi awusondeze e-altare. 26 Umpristi uyocaphuna umnikelo wokudla okusanhlamvu njengomelela wonke umnikelo, awushunqise phezu kwe-altare,[b] ngemva kwalokho aphuzise lona wesifazane la manzi. 27 Lapho emphuzisa la manzi, uma eye wazingcolisa futhi wenza isenzo sokungathembeki kumyeni wakhe, amanzi esiqalekiso ayongena ngaphakathi kuye ambangele ubuhlungu, isisu sakhe siyokhukhumala, ithanga* lakhe liwe,# lona wesifazane kumele abe isiqalekiso phakathi kwabantu bakubo. 28 Nokho, uma owesifazane engazange azingcolise futhi ehlanzekile, uyobe esekhululeka esijezisweni esinjalo, uyokwazi ukukhulelwa abe nabantwana.

29 "'Nawu umthetho ophathelene nesikhwele,[c] lapho owesifazane engase aphambuke njengoba eshade nomyeni wakhe, 30 noma lapho indoda iba nesikhwele nezinsolo zokuthi umkayo akathembekile kuyo; kufanele imise umkayo phambi kukaJehova, umpristi kumele enze wonke lo mthetho kuye. 31 Indoda ngeke ibe

---

**5:21, 22, 27** *Ngokusobala libhekisela ezithweni zokuzala. **5:21, 22, 27** #Noma, "liguge." Lokhu kungase kusho ukuphelelwa inzalo.

**5:22** △Noma, "Makube njalo! Makube njalo!"

ISAHL. 5
a Jer 17:10; Heb 13:4
b Num 5:15, 25
c Num 5:22, 24
d Rom 7:2
e Lev 18:20; 1Ko 6:9, 10

Uhla 2
a Num 5:15
b Lev 2:9
c Num 5:14, 15

necala, kodwa umkayo uyophe-
ndula ngenxa yecala lakhe.'"
**6** UJehova waqhubeka wa-
thi kuMose: **2** "Khuluma
nama-Israyeli uthi kuwo, 'Uma
owesilisa noma owesifazane
enza isifungo esikhethekile so-
kuphila njengomNaziri*[a] kuJe-
hova, **3** kufanele adede ewa-
yinini nakwezinye izinhlobo
zotshwala. Akufanele aphu-
ze uviniga wewayini noma uvi-
niga wanoma yibuphi utshwa-
la.[b] Akufanele aphuze noma yi-
luphi uketshezi olwenziwe nga-
magilebhisi, noma adle amagi-
lebhisi, kungakhathaliseki uku-
thi masha noma omisiwe.
**4** Zonke izinsuku zobuNaziri
bakhe kufanele angadli lutho
olwenziwe ngamagilebhisi, ku-
sukela kwangavuthiwe kuze
kube semakhasini.
**5** "'Zonke izinsuku zesifu-
ngo sobuNaziri bakhe akufane-
le ikhanda lakhe liphucwe.[c] Ku-
fanele abe ngcwele ngokuye-
ka izinwele zekhanda lakhe
zikhule kuze kuphele izinsuku
ahlukaniselwe uJehova ngazo.
**6** Akufanele asondele kumu-
ntu* ofile phakathi nazo zonke
izinsuku ahlukaniselwe uJeho-
va ngazo. **7** Ngisho noma ku-
ngashona uyise noma unina
noma umfowabo noma uda-
dewabo, akufanele azingcolise[d]
ngoba uphawu lobuNaziri ba-
khe kuNkulunkulu wakhe luse-
khanda lakhe.
**8** "'Zonke izinsuku zobuNa-
ziri bakhe ungcwele kuJeho-
va. **9** Kodwa uma kungenzeka
othile afe ngokuzumayo ece-
leni kwakhe[e] angcolise izi-
nwele eziwuphawu lokuhluka-
niselwa kwakhe uNkulunkulu,*
kumele aphuce ikhanda la-
khe[a] ngosuku ahlanzwa nga-
lo. Kufanele aliphuce ngosu-
ku lwesikhombisa. **10** Ngosu-
ku luka-8 kufanele alethe ama-
hobhe amabili noma amaphu-
phu amabili amajuba kumpri-
sti emnyango wetende lokuhla-
ngana. **11** Umpristi uyolungi-
sa elinye libe umnikelo wesono
nelinye libe umnikelo oshiswa-
yo, amenzele isihlawulelo nge-
nxa yesono sakhe[b] ngokuqo-
ndene nomuntu ofile. Ngemva
kwalokho kumele angcwelise
ikhanda lakhe ngalolo suku.
**12** Kumele aphinde azihluka-
nisele uJehova ngezinsuku zo-
buNaziri bakhe, futhi uyole-
tha iwundlu leduna elingaka-
wuqedi unyaka libe umnikelo
wecala. Nokho, izinsuku zanga-
phambili ngeke zibalwe ngo-
ba wabungcolisa ubuNaziri ba-
khe.
**13** "'Nawu umthetho opha-
thelene nomNaziri: Lapho ku-
phela izinsuku zobuNaziri ba-
khe,[c] uyolethwa emnyango we-
tende lokuhlangana. **14** Ku-
mele awulethe lapho umni-
kelo wakhe kuJehova: iwu-
ndlu leduna eliphile kahle
elingakawuqedi unyaka lizo-
ba umnikelo oshiswayo,[d] iwu-
ndlu elilodwa lensikazi eli-
phile kahle elingakawuqedi
unyaka lizoba umnikelo weso-
no,[e] inqama eyodwa ephile ka-
hle izoba umhlatshelo ohlanga-
nyelwayo,[f] **15** ubhasikidi wo-
lofu bezinkwa ezingenamvube-
lo abamise okwesongo abenzi-
we ngofulawa ocolekile oxu-
tshwe namafutha, nezingce-
zwana ezingenamvubelo ezi-
gcotshwe ngamafutha, nomni-
kelo wako wokudla okusanhla-

ISAHL. 6
a Hlu 13:5
b Lev 10:9; Amo 2:11, 12; Luk 1:15
c Hlu 13:5; Hlu 16:17; 1Sa 1:11
d Lev 21:1, 11
e Num 19:14

Uhla 2
a Num 6:13, 18
b Lev 5:8, 10
c Num 30:2; Shu 5:4
d Lev 1:10
e Lev 4:32
f Lev 3:1

**6:2** *NgesiHebheru lithi, *na·zir′*, okusho ukuthi "Okhethiwe; Onikelwe; Ohlukanisiwe." **6:6** *Noma, "emphefumulweni." Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**6:9** *Noma, "angcolise ikhanda lobuNaziri bakhe."

mvu[a] neminikelo yako ephu-
zwayo.[b] **16** Umpristi uyokule-
tha phambi kukaJehova ani-
kele umnikelo wakhe wesono
nomnikelo wakhe oshiswayo.
**17** Uyonikela kuJehova nge-
nqama ibe umhlatshelo ohla-
nganyelwayo kanye nobhasiki-
di wolofu bezinkwa ezinge-
namvubelo, umpristi uyoletha
umnikelo wayo wokudla okusa-
nhlamvu[c] nomnikelo wayo
ophuzwayo.
**18** "'Ngemva kwalokho, um-
Naziri kumele aphuce ikhanda
lakhe*[d] emnyango wetende lo-
kuhlangana, athathe izinwele
zekhanda ezikhule ngesikhathi
sobuNaziri bakhe azifake emli-
lweni ongaphansi komhlatshe-
lo ohlanganyelwayo. **19** Um-
pristi kumele athathe isipha-
nga esibilisiwe[e] senqama, ulo-
fu wesinkwa esingenamvube-
lo esimise okwesongo kubhasi-
kidi nocezwana olulodwa lwe-
sinkwa esingenamvubelo, aku-
beke ezandleni zomNaziri nge-
mva kokuba esephuce upha-
wu lobuNaziri bakhe. **20** Um-
pristi kumele akuzulise njengo-
mnikelo ozuliswayo phambi ku-
kaJehova.[f] Kuyinto engcwele
yompristi, kanye nesifuba so-
mnikelo ozuliswayo nomlenze
womnikelo.[g] Ngemva kwalo-
kho, umNaziri angaliphuza iwa-
yini.
**21** "'Nawu umthetho ngom-
Naziri[h] owenza isifungo: Uma
enza isifungo futhi enawo
amandla okwenza umnikelo
kuJehova ongaphezu kwalo-
kho okufuneka kumaNaziri,
kumele afeze isifungo sakhe
ngenxa yomthetho wobuNaziri
bakhe.'"
**22** UJehova wabe esethi ku-
Mose: **23** "Khuluma no-Aroni
namadodana akhe, uthi, 'Na-
nsi indlela okufanele nibusi-
se[a] ngayo abantu bakwa-Israye-
li. Nithi kubo:

**24** "Kwangathi uJehova anga-
kubusisa[b] futhi akulonde.
**25** Kwangathi uJehova ange-
nza ubuso bakhe bukha-
nye kuwe[c] futhi kwanga-
thi angaba nomusa kuwe.
**26** Kwangathi uJehova anga-
phakamisela ubuso bakhe
kuwe, akunike ukuthu-
la."'[d]

**27** Kumele babeke igama lami
phezu kwabantu bakwa-Israye-
li[e] ukuze ngibabusise."[f]

**7** Ngosuku uMose aqeda nga-
lo ukumisa itabernakele,[g]
waligcoba[h] walingcwelisa ka-
nye nayo yonke impahla yalo, i-
altare nazo zonke izinto zalo.[i]
Lapho esezigcobile futhi wazi-
ngcwelisa lezi zinto,[j] **2** izikhu-
lu zakwa-Israyeli,[k] izinhloko ze-
zindlu zoyise, zenza umnikelo.
Lezi zikhulu zezizwe ezazenga-
mele ukubhaliswa, **3** zaletha
phambi kukaJehova umnikelo
wazo wezinqola eziyisithupha
ezivalekile nezinkabi ezingu-12,
inqola eyodwa ezikhulwini ezi-
mbili nenkunzi* eyodwa yesi-
khulu ngasinye; zakuletha pha-
mbi kwetabernakele. **4** UJe-
hova wathi kuMose: **5** "Yamu-
kela lezi zinto kuzo, njengo-
ba zizosetshenziswa ekwenze-
ni inkonzo yetende lokuhlanga-
na, kufanele uzinike amaLevi,
ngamunye ngokwalokho aku-
dinga emsebenzini wakhe."
**6** Ngakho uMose wazamu-
kela izinqola nezinkomo, wazi-
nika amaLevi. **7** Izinqola ezi-
mbili nezinkomo ezine wa-
zinika amadodana kaGere-
shoni ngokwalokho okwaku-
dingeka emisebenzini yawo;[l]

6:18 *Noma, "lobuNaziri bakhe."

7:3 *Noma, "nenkabi."

ISAHL. 6
a Lev 2:1; Lev 6:14
b Num 15:8, 10
c Lev 2:9
d Num 6:5
e Lev 8:31
f Eks 29:23, 24
g Lev 7:34
h Hlu 13:5

Uhla 2
a Lev 9:22; Dut 10:8
b Rut 2:4; Hu 134:3
c Hu 31:16; Hu 67:1
d Hu 29:11; Luk 2:14
e Dut 28:10; Isay 43:7, 10
f Hu 5:12; Hu 67:7

ISAHL. 7
g Eks 40:17
h Eks 30:26
i Lev 8:10
j Eks 40:10
k Eks 18:21; Num 1:4, 16
l Num 3:25, 26; Num 4:24-26

**8** izinqola ezine nezinkomo
ezingu-8 wazinika amadodana
kaMerari ngokwalokho okwa-
kudingeka emisebenzini yawo,
eqondiswa u-Itamari indoda-
na ka-Aroni umpristi.[a] **9** Ko-
dwa amadodana kaKohati aka-
wanikanga lutho ngoba imise-
benzi yawo yayihilela inkonzo
yendawo engcwele,[b] futhi aye-
thwala izinto ezingcwele ema-
hlombe awo.[c]

**10** Manje izikhulu zaletha
umnikelo wazo ekuvulweni*[d]
kwe-altare ngosuku elagco-
tshwa ngalo. Lapho izikhulu zi-
letha umnikelo wazo phambi
kwe-altare, **11** uJehova wathi
kuMose: "Ngezinsuku ezilande-
lanayo, isikhulu ngasinye ngo-
suku ngalunye sizoletha umni-
kelo waso wokuvulwa kwe-alta-
re."

**12** Owaletha umnikelo wa-
khe ngosuku lokuqala kwa-
ba uNaheshoni[e] indodana ka-
Aminadaba wesizwe sakwaJu-
da. **13** Umnikelo wakhe kwa-
kuyindishi eyodwa yesiliva ene-
sisindo esingamashekeli* angu-
130, isitsha esisodwa sesiliva
esinesisindo esingamashekeli
angu-70 ngokweshekeli elivami-
le lendawo engcwele,#[f] koku-
bili kugcwele ufulawa ocole-
kile oxutshwe namafutha, wo-
mnikelo wokudla okusanhla-
mvu;[g] **14** indebe* eyodwa ye-
golide enesisindo esingama-
shekeli ayishumi, igcwele
impepho; **15** ithole elilodwa
leduna, inqama eyodwa newu-
ndlu elilodwa leduna elingaka-
wuqedi unyaka komnikelo
oshiswayo;[h] **16** izinyane elilo-
dwa lembuzi lomnikelo weso-
no;[a] **17** okomhlatshelo ohla-
nganyelwayo,[b] izinkomo ezi-
mbili, izinqama ezinhlanu, izi-
mpongo ezinhlanu namawu-
ndlu amahlanu angamaduna,
ngalinye linonyaka owodwa
ubudala. Lokhu kwakuwumni-
kelo kaNaheshoni indodana
ka-Aminadaba.[c]

**18** Ngosuku lwesibili uNe-
thaneli[d] indodana kaZuwari,
isikhulu sakwa-Isakare, wa-
letha umnikelo. **19** Waletha
umnikelo wakhe oyindishi eyo-
dwa yesiliva enesisindo esinga-
mashekeli angu-130, isitsha esi-
sodwa sesiliva esinesisindo
esingamashekeli angu-70 ngo-
kweshekeli elivamile lendawo
engcwele,[e] kokubili kugcwe-
le ufulawa ocolekile oxutshwe
namafutha, womnikelo woku-
dla okusanhlamvu;[f] **20** inde-
be eyodwa yegolide enesisi-
ndo esingamashekeli ayishu-
mi, igcwele impepho; **21** itho-
le elilodwa leduna, inqama
eyodwa newundlu elilodwa le-
duna elingakawuqedi unyaka,
komnikelo oshiswayo;[g] **22** izi-
nyane elilodwa lembuzi lo-
mnikelo wesono;[h] **23** okom-
hlatshelo ohlanganyelwayo[i] izi-
nkomo ezimbili, izinqama ezi-
nhlanu, izimpongo ezinhlanu
namawundlu amahlanu anga-
maduna, ngalinye linonyaka
owodwa ubudala. Lokhu
kwakuwumnikelo kaNethaneli
indodana kaZuwari.

**24** Ngosuku lwesithathu, isi-
khulu samadodana akwaZe-
bhuloni, u-Eliyabe[j] indodana
kaHeloni, **25** saletha umnike-
lo waso oyindishi eyodwa ye-
siliva enesisindo esingamashe-
keli angu-130, isitsha esisodwa
sesiliva esinesisindo esingama-
shekeli angu-70 ngokweshekе-
li elivamile lendawo engcwe-
le,[k] kokubili kugcwele ufula-

**7:10** *Noma, "ekunikezelweni." **7:13** *Ishekeli lalilingana no-11,4 g. Bheka iSithasiselo B14. #Noma, "ngokweshekeli elingcwele." **7:14** *Noma, "isitsha esincane."

ISAHL. 7
a Num 3:36, 37; Num 4:31-33
b Num 3:30, 31; Num 4:15
c 2Sa 6:13; 1Kr 15:15
d 1Kh 8:63; 2Kr 7:5
e Num 1:4, 7; Num 2:3; Rut 4:20; Mat 1:4
f Lev 27:25
g Lev 2:1
h Lev 1:3

Uhla 2
a Lev 4:22, 23
b Lev 3:1
c Eks 6:23; Luk 3:23, 33
d Num 1:4, 8; Num 2:5; Num 10:15
e Lev 27:25
f Lev 2:1
g Lev 1:3
h Lev 4:22, 23
i Lev 3:1
j Num 2:7; Num 10:16
k Lev 27:25

wa ocolekile oxutshwe namafu-
tha, womnikelo wokudla oku-
sanhlamvu;[a] **26** indebe eyo-
dwa yegolide enesisindo esi-
ngamashekeli ayishumi, igcwe-
le impepho; **27** ithole elilo-
dwa leduna, inqama eyodwa
newundlu elilodwa leduna eli-
ngakawuqedi unyaka, komni-
kelo oshiswayo;[b] **28** izinyane
elilodwa lembuzi lomnikelo
wesono;[c] **29** okomhlatshelo
ohlanganyelwayo[d] yizinkomo
ezimbili, izinqama ezinhlanu,
izimpongo ezinhlanu nama-
wundlu amahlanu angamadu-
na, ngalinye linonyaka owodwa
ubudala. Lokhu kwakuwumni-
kelo ka-Eliyabe[e] indodana ka-
Heloni.

**30** Ngosuku lwesine, isikhu-
lu samadodana akwaRubeni,
u-Elizuri[f] indodana kaShede-
wuri, **31** saletha umnikelo
waso oyindishi eyodwa yesili-
va enesisindo esingamashekeli
angu-130, isitsha esisodwa sesi-
liva esinesisindo esingamashe-
keli angu-70 ngokweshekeli eli-
vamile lendawo engcwele,[g] ko-
kubili kugcwele ufulawa ocole-
kile oxutshwe namafutha, wo-
mnikelo wokudla okusanhla-
mvu;[h] **32** indebe eyodwa ye-
golide enesisindo esingama-
shekeli ayishumi, igcwele
impepho; **33** ithole elilodwa
leduna, inqama eyodwa newu-
ndlu elilodwa leduna elinga-
kawuqedi unyaka, komnikelo
oshiswayo;[i] **34** izinyane elilo-
dwa lembuzi lomnikelo weso-
no;[j] **35** okomhlatshelo ohla-
nganyelwayo[k] izinkomo ezimbi-
li, izinqama ezinhlanu, izimpo-
ngo ezinhlanu namawundlu
amahlanu angamaduna, ngali-
nye linonyaka owodwa ubuda-
la. Lokhu kwakuwumnikelo
ka-Elizuri[l] indodana kaShede-
wuri.

**36** Ngosuku lwesihlanu isi-
khulu samadodana akwaSi-
meyoni, uShelumiyeli[a] indo-
dana kaZurishadayi, **37** senza
umnikelo waso oyindishi eyo-
dwa yesiliva enesisindo esinga-
mashekeli angu-130, isitsha esi-
sodwa sesiliva esinesisindo
esingamashekeli angu-70 ngo-
kweshekeli elivamile lendawo
engcwele,[b] kokubili kugcwe-
le ufulawa ocolekile oxutshwe
namafutha, womnikelo woku-
dla okusanhlamvu;[c] **38** inde-
be eyodwa yegolide enesi-
sindo esingamashekeli ayishu-
mi, igcwele impepho; **39** itho-
le elilodwa leduna, inqama eyo-
dwa newundlu elilodwa ledu-
na elingakawuqedi unyaka,
komnikelo oshiswayo;[d] **40** izi-
nyane elilodwa lembuzi lo-
mnikelo wesono;[e] **41** okom-
hlatshelo ohlanganyelwayo[f] izi-
nkomo ezimbili, izinqama ezi-
nhlanu, izimpongo ezinhlanu
namawundlu amahlanu anga-
maduna, ngalinye linonyaka
owodwa ubudala. Lokhu kwa-
kuwumnikelo kaShelumiyeli[g]
indodana kaZurishadayi.

**42** Ngosuku lwesithupha,
isikhulu samadodana akwaGa-
di, u-Eliyasafa[h] indodana ka-
Dehuweli, **43** senza umnikelo
waso oyindishi eyodwa yesili-
va enesisindo esingamashekeli
angu-130, isitsha esisodwa sesi-
liva esinesisindo esingamashe-
keli angu-70 ngokweshekeli eli-
vamile lendawo engcwele,[i] ko-
kubili kugcwele ufulawa ocole-
kile oxutshwe namafutha, wo-
mnikelo wokudla okusanhla-
mvu;[j] **44** indebe eyodwa ye-
golide enesisindo esingama-
shekeli ayishumi, igcwele
impepho; **45** ithole elilodwa
leduna, inqama eyodwa newu-
ndlu elilodwa leduna elinga-
kawuqedi unyaka, komnikelo

ISAHL. 7
*a* Lev 2:1
*b* Lev 1:3
*c* Lev 4:22, 23
*d* Lev 3:1
*e* Num 1:4, 9
*f* Num 2:10 Num 10:18
*g* Lev 27:25
*h* Lev 2:1
*i* Lev 1:3
*j* Lev 4:22, 23
*k* Lev 3:1
*l* Num 1:4, 5

Uhla 2
*a* Num 2:12
*b* Lev 27:25
*c* Lev 2:1
*d* Lev 1:3
*e* Lev 4:22, 23
*f* Lev 3:1
*g* Num 1:4, 6
*h* Num 2:14 Num 10:20
*i* Lev 27:25
*j* Lev 2:1

oshiswayo;[a] **46** izinyane elilo-
dwa lembuzi lomnikelo weso-
no;[b] **47** okomhlatshelo ohla-
nganyelwayo[c] izinkomo ezimbi-
li, izinqama ezinhlanu, izimpo-
ngo ezinhlanu namawundlu
amahlanu angamaduna, ngali-
nye linonyaka owodwa ubu-
dala. Lokhu kwakuwumnikelo
ka-Eliyasafa[d] indodana kaDehu-
weli.

**48** Ngosuku lwesikhombisa
isikhulu samadodana akwa-
Efrayimi, u-Elishama[e] indodana
ka-Amihudi, **49** senza umni-
kelo waso oyindishi eyodwa ye-
siliva enesisindo esingamashe-
keli angu-130, isitsha esisodwa
sesiliva esinesisindo esingama-
shekeli angu-70 ngokweshheke-
li elivamile lendawo engcwe-
le,[f] kokubili kugcwele ufula-
wa ocolekile oxutshwe namafu-
tha, womnikelo wokudla okusa-
nhlamvu;[g] **50** indebe eyodwa
yegolide enesisindo esingama-
shekeli ayishumi, igcwele
impepho; **51** ithole elilodwa
leduna, inqama eyodwa newu-
ndlu elilodwa leduna elingaka-
wuqedi unyaka, komnikelo
oshiswayo;[h] **52** izinyane elilo-
dwa lembuzi lomnikelo weso-
no;[i] **53** okomhlatshelo ohla-
nganyelwayo[j] izinkomo ezimbi-
li, izinqama ezinhlanu, izimpo-
ngo ezinhlanu namawundlu
amahlanu angamaduna, ngali-
nye linonyaka owodwa ubuda-
la. Lokhu kwakuwumnikelo ka-
Elishama[k] indodana ka-Ami-
hudi.

**54** Ngosuku luka-8 isikhu-
lu samadodana akwaMana-
se, uGamaliyeli[l] indodana ka-
Phedazuri, **55** senza umnike-
lo waso oyindishi eyodwa ye-
siliva enesisindo esingamashe-
keli angu-130, isitsha esisodwa
sesiliva esinesisindo esingama-
shekeli angu-70 ngokweshheke-
li elivamile lendawo engcwe-
le,[a] kokubili kugcwele ufula-
wa ocolekile oxutshwe namafu-
tha, womnikelo wokudla okusa-
nhlamvu;[b] **56** indebe eyodwa
yegolide enesisindo esingama-
shekeli ayishumi, igcwele
impepho; **57** ithole elilodwa
leduna, inqama eyodwa newu-
ndlu elilodwa leduna elingaka-
wuqedi unyaka, komnikelo
oshiswayo;[c] **58** izinyane elilo-
dwa lembuzi lomnikelo weso-
no;[d] **59** okomhlatshelo ohla-
nganyelwayo[e] izinkomo ezimbi-
li, izinqama ezinhlanu, izimpo-
ngo ezinhlanu namawundlu
amahlanu angamaduna, ngali-
nye linonyaka owodwa ubuda-
la. Lokhu kwakuwumnikelo ka-
Gamaliyeli[f] indodana kaPheda-
zuri.

**60** Ngosuku luka-9 isikhu-
lu[g] samadodana akwaBhenja-
mini, u-Abhidani[h] indodana ka-
Gidiyoni, **61** senza umnikelo
waso oyindishi eyodwa yesili-
va enesisindo esingamashekeli
angu-130, isitsha esisodwa sesi-
liva esinesisindo esingamashe-
keli angu-70 ngokweshhekeli eli-
vamile lendawo engcwele,[i] ko-
kubili kugcwele ufulawa ocole-
kile oxutshwe namafutha, wo-
mnikelo wokudla okusanhla-
mvu;[j] **62** indebe eyodwa ye-
golide enesisindo esingama-
shekeli ayishumi, igcwele
impepho; **63** ithole elilodwa
leduna, inqama eyodwa newu-
ndlu elilodwa leduna elingaka-
wuqedi unyaka, komnikelo
oshiswayo;[k] **64** izinyane elilo-
dwa lembuzi lomnikelo weso-
no;[l] **65** okomhlatshelo ohla-
nganyelwayo[m] izinkomo ezi-
mbili, izinqama ezinhlanu, izi-
mpongo ezinhlanu namawu-
ndlu amahlanu angamaduna,
ngalinye linonyaka owodwa
ubudala. Lokhu kwakuwumni-

ISAHL. 7
a Lev 1:3
b Lev 4:22, 23
c Lev 3:1
d Num 1:4, 14
e Num 2:18 Num 10:22
f Lev 27:25
g Lev 2:1
h Lev 1:3
i Lev 4:22, 23
j Lev 3:1
k Num 1:4, 10
l Num 2:20 Num 10:23

Uhla 2
a Lev 27:25
b Lev 2:1
c Lev 1:3
d Lev 4:22, 23
e Lev 3:1
f Num 1:4, 10
g Num 1:16
h Num 2:22 Num 10:24
i Lev 27:25
j Lev 2:1
k Lev 1:3
l Lev 4:22, 23
m Lev 3:1

kelo ka-Abhidani[a] indodana ka-
Gidiyoni.
**66** Ngosuku lweshumi isi-
khulu samadodana akwaDani,
u-Ahiyezeri[b] indodana ka-Ami-
shadayi, **67** senza umnikelo
waso oyindishi eyodwa yesili-
va enesisindo esingamashekeli
angu-130, isitsha esisodwa sesi-
liva esinesisindo esingamashe-
keli angu-70 ngokweshekeli eli-
vamile lendawo engcwele,[c] ko-
kubili kugcwele ufulawa ocole-
kile oxutshwe namafutha, wo-
mnikelo wokudla okusanhla-
mvu;[d] **68** indebe eyodwa ye-
golide enesisindo esingama-
shekeli ayishumi, igcwele
impepho; **69** ithole elilodwa
leduna, inqama eyodwa newu-
ndlu elilodwa leduna elinga-
kawuqedi unyaka, komnikelo
oshiswayo;[e] **70** izinyane elilo-
dwa lembuzi lomnikelo weso-
no;[f] **71** okomhlatshelo ohla-
nganyelwayo[g] izinkomo ezimbi-
li, izinqama ezinhlanu, izimpo-
ngo ezinhlanu namawundlu
amahlanu angamaduna, ngali-
nye linonyaka owodwa ubuda-
la. Lokhu kwakuwumnikelo ka-
Ahiyezeri[h] indodana ka-Ami-
shadayi.
**72** Ngosuku luka-11 isikhu-
lu samadodana akwa-Asheri,
uPhagiyeli[i] indodana ka-Okira-
ni, **73** senza umnikelo waso
oyindishi eyodwa yesiliva ene-
sisindo esingamashekeli angu-
130, isitsha esisodwa sesiliva
esinesisindo esingamasheke-
li angu-70 ngokweshekeli eli-
vamile lendawo engcwele,[j] ko-
kubili kugcwele ufulawa ocole-
kile oxutshwe namafutha, wo-
mnikelo wokudla okusanhla-
mvu;[k] **74** indebe eyodwa ye-
golide enesisindo esingama-
shekeli ayishumi, igcwele
impepho; **75** ithole elilodwa
leduna, inqama eyodwa newu-
ndlu elilodwa leduna elingaka-
wuqedi unyaka, komnikelo
oshiswayo;[a] **76** izinyane elilo-
dwa lembuzi lomnikelo weso-
no;[b] **77** okomhlatshelo ohla-
nganyelwayo[c] izinkomo ezimbi-
li, izinqama ezinhlanu, izimpo-
ngo ezinhlanu namawundlu
amahlanu angamaduna, ngali-
nye linonyaka owodwa ubuda-
la. Lokhu kwakuwumnikelo
kaPhagiyeli[d] indodana ka-Oki-
rani.
**78** Ngosuku luka-12 isikhu-
lu samadodana akwaNafetali,
u-Ahira[e] indodana ka-Enani,
**79** senza umnikelo waso oyi-
ndishi eyodwa yesiliva ene-
sisindo esingamashekeli angu-
130, isitsha esisodwa sesili-
va esinesisindo esingamashe-
keli angu-70 ngokweshekeli eli-
vamile lendawo engcwele,[f] ko-
kubili kugcwele ufulawa ocole-
kile oxutshwe namafutha, wo-
mnikelo wokudla okusanhla-
mvu;[g] **80** indebe eyodwa ye-
golide enesisindo esingama-
shekeli ayishumi, igcwele
impepho; **81** ithole elilodwa
leduna, inqama eyodwa ne-
wundlu elilodwa leduna elinga-
kawuqedi unyaka, komnikelo
oshiswayo;[h] **82** izinyane elilo-
dwa lembuzi lomnikelo weso-
no;[i] **83** okomhlatshelo ohla-
nganyelwayo[j] izinkomo ezimbi-
li, izinqama ezinhlanu, izimpo-
ngo ezinhlanu namawundlu
amahlanu angamaduna, ngali-
nye linonyaka owodwa ubuda-
la. Lokhu kwakuwumnikelo ka-
Ahira[k] indodana ka-Enani.
**84** Lona kwakuwumnikelo
wokuvulwa[l] kwe-altare wezi-
khulu zakwa-Israyeli ngesikha-
thi ligcotshwa: izindishi
ezingu-12 zesiliva, izitsha
ezingu-12 zesiliva, izindebe ezi-
ngu-12 zegolide;[m] **85** indishi
ngayinye yesiliva inesisindo

**ISAHL. 7**
*a* Num 1:4, 11
*b* Num 2:25 Num 10:25
*c* Lev 27:25
*d* Lev 2:1
*e* Lev 1:3
*f* Lev 4:22, 23
*g* Lev 3:1
*h* Num 1:4, 12
*i* Num 2:27 Num 10:26
*j* Lev 27:25
*k* Lev 2:1

**Uhla 2**
*a* Lev 1:3
*b* Lev 4:22, 23
*c* Lev 3:1
*d* Num 1:4, 13
*e* Num 2:29 Num 10:27
*f* Lev 27:25
*g* Lev 2:1
*h* Lev 1:3
*i* Lev 4:22, 23
*j* Lev 3:1
*k* Num 1:4, 15
*l* Num 7:10 Ezr 2:68
*m* Num 7:13-17

esingamashekeli angu-130, isi-
tsha ngasinye sinesisindo esi-
ngamashekeli angu-70, lo-
nke isiliva lezitsha lingamashe-
keli angu-2 400 ngokwesheke-
li elivamile lendawo engcwele;[a]
**86** izindebe ezingu-12 zegolide
ezigcwele impepho, ngayinye
inesisindo esingamashekeli ayi-
shumi ngokweshekeli elivamile
lendawo engcwele, lonke igoli-
de lezindebe lingamashekeli
angu-120. **87** Zonke izinkomo
zomnikelo oshiswayo zaziyizi-
nkunzi ezingu-12, izinqama ezi-
ngu-12, amawundlu angamadu-
na angu-12, ngalinye linonya-
ka owodwa ubudala neminike-
lo yako yokudla okusanhlamvu,
namazinyane ezimbuzi angu-
12 omnikelo wesono; **88** zo-
nke izinkomo zomhlatshelo
ohlanganyelwayo zaziyizinku-
nzi ezingu-24, izinqama ezingu-
60, izimpongo ezingu-60 na-
mawundlu angamaduna angu-
60, ngalinye linonyaka owodwa
ubudala. Lokhu kwakuwumni-
kelo wokuvulwa[b] kwe-altare
ngemva kokugcotshwa kwalo.[c]

**89** Noma nini lapho uMose
engena etendeni lokuhlanga-
na eyokhuluma noNkulunku-
lu,[d] wayezwa izwi likhuluma
naye livela phezu kwesembo-
zo[e] somphongolo wobuFakazi,
livela phakathi kwamakheru-
bi amabili;[f] uNkulunkulu waye-
khuluma naye.

**8** UJehova wakhuluma noMo-
se, wathi: **2** "Khuluma no-
Aroni uthi kuye, 'Lapho ukha-
nyisa izibani, izibani eziyisi-
khombisa kufanele zikhanyise
indawo ephambi kothi lwesiba-
ni.'"[g] **3** Ngakho u-Aroni wenza
lokhu: Wakhanyisa izibani zalo
ukuze zikhanyise indawo epha-
mbi kothi lwesibani,[h] njengoba
nje uJehova ayemyalile uMose.
**4** Nansi indlela okwakwenziwe
ngayo uthi lwesibani: Lwalwe-
nziwe ngegolide kusetshenzi-
swa isando; kusukela esiqwini
salo kuya ezimbalini zalo lale-
nziwe ngesando.[a] Uthi lwesiba-
ni lwalwenziwe ngokuvumela-
na nombono[b] uJehova ayewu-
bonise uMose.

**5** UJehova waphinde wa-
khuluma noMose, wathi:
**6** "Thatha amaLevi kuma-
Israyeli, uwahlanze.[c] **7** Nansi
indlela okufanele uwahlanze
ngayo: Fafaza amanzi ahla-
nza isono phezu kwawo, ku-
mele aphuce wonke umzimba,
awashe izingubo zawo azihla-
nze nawo.[d] **8** Ngemva kwalo-
kho azothatha ithole leduna[e]
nomnikelo walo wokudla oku-
sanhlamvu[f] kafulawa ocole-
kile oxutshwe namafutha, uzo-
be usuthatha elinye ithole le-
duna libe elomnikelo weso-
no.[g] **9** Kufanele ulethe ama-
Levi phambi kwetende lokuhla-
ngana, uqoqele ndawonye yo-
nke inhlangano yama-Israyeli.[h]
**10** Lapho uletha amaLevi pha-
mbi kukaJehova, ama-Israye-
li kufanele abeke izandla zawo
phezu kwamaLevi.[i] **11** U-Aro-
ni kumele anikele* amaLevi
phambi kukaJehova njengo-
mnikelo ozuliswayo[j] ovela
kuma-Israyeli, futhi wona ku-
mele enze inkonzo kaJehova.[k]

**12** "AmaLevi ayobe esebeka
izandla zawo phezu kwamakha-
nda ezinkunzi.[l] Ngemva kwalo-
kho, anikele enye ibe umnike-
lo wesono nenye ibe umnike-
lo oshiswayo kuJehova ukuze
wenzele amaLevi isihlawulelo.[m]
**13** Uyomisa amaLevi phambi
kuka-Aroni namadodana akhe,
uwanikele* njengomnikelo ozu-

---

**8:11** *NgesiHebheru, "azulise," okuwukuthi, awayise phambili nasemuva.
**8:13** *NgesiHebheru, "uwazulise," okuwukuthi, uwayise phambili nasemuva.

ISAHL. 7
a Lev 27:25
b Num 7:10
c Num 7:1
d Eks 33:9; Num 11:17; Num 12:8
e Eks 25:22; Eks 37:6
f Eks 25:18; 1Sa 4:4; Hu 80:1

ISAHL. 8
g Eks 25:37; Eks 40:24, 25; Lev 24:2
h Heb 9:2

Uhla 2
a Eks 37:17
b Eks 25:9, 40; 1Kr 28:12, 19
c Eks 29:4; Isay 52:11
d Eks 30:18, 19; Lev 16:28; Num 19:7
e Lev 1:3
f Lev 2:1
g Lev 4:3
h Lev 8:2, 3
i Num 3:9, 41
j Lev 7:30; Num 8:21
k Num 1:50; Num 3:6; 2Kr 31:2
l Eks 29:10
m Lev 1:4

liswayo kuJehova. **14** Kumele
uhlukanise amaLevi kuma-Isra-
yeli, amaLevi abe ngawami.[a]
**15** Ngemva kwalokho, amaLevi
ayongena ayokhonza etendeni
lokuhlangana. Yile ndlela oku-
fanele uwahlanze ngayo nozo-
wanikela* ngayo abe umnikelo
ozuliswayo. **16** Anikwe mina
njengezipho ezivela kuma-Isra-
yeli. Ngizozithathela wona esi-
khundleni sabo bonke labo
abangamazibulo* ama-Israyeli.[b]
**17** Ngoba wonke amazibulo
phakathi kwama-Israyeli anga-
wami, kokubili abantu nezi-
lwane.[c] Ngazingcwelisela wona
ngosuku engabulala ngalo wo-
nke amazibulo ezweni laseGi-
bhithe.[d] **18** Ngizothatha ama-
Levi esikhundleni sawo wonke
amazibulo aphakathi kwama-
Israyeli. **19** U-Aroni namado-
dana akhe ngiyobanika amaLe-
vi njengezipho ezivela kuma-
Israyeli, ukuze enzele ama-Isra-
yeli inkonzo etendeni lokuhla-
ngana[e] futhi awenzele nesihla-
wulelo, ukuze kungabi bikho
nhlupho eyehlela ama-Israyeli[f]
ngenxa yokuthi asondela enda-
weni engcwele."

**20** UMose no-Aroni nayo
yonke inhlangano yama-Isra-
yeli bakwenza lokhu kuma-
Levi. Ngokuvumelana nakho
konke uJehova ayemyale nga-
kho uMose ngokuphathelene
namaLevi, yilokho ama-Israye-
li akwenza kuwo. **21** Ngakho
amaLevi azihlanza awasha ne-
zingubo zawo,[g] ngemva kwalo-
kho u-Aroni wawanikela* nje-
ngomnikelo ozuliswayo phambi
kukaJehova.[h] U-Aroni wabe
esewenzela isihlawulelo ukuze
awahlanze.[a] **22** Ngemva kwa-
lokho, amaLevi angena ukuze
enze inkonzo yawo etendeni lo-
kuhlangana phambi kuka-Aro-
ni namadodana akhe. Nje-
ngoba nje uJehova ayemyalile
uMose ngokuqondene namaLe-
vi, benza kanjalo kuwo.

**23** UJehova wakhuluma no-
Mose, wathi: **24** "Yilokhu
okusebenza kumaLevi: Owesi-
lisa oneminyaka engu-25 kuya
phezulu, uyongena eqenji-
ni lalabo abasenkonzweni ye-
tende lokuhlangana. **25** Ko-
dwa uma esedlulile eminya-
keni engu-50 ubudala, uyo-
thatha umhlalaphansi eqenji-
ni lenkonzo angabe esakhonza.
**26** Angabakhonza abafowabo
abenza imisebenzi etendeni lo-
kuhlangana, kodwa akumele
yena enze inkonzo khona. Yilo-
kho okumele ukwenze ngoku-
phathelene namaLevi nezibo-
pho zawo."[b]

**9** UJehova wakhuluma noMo-
se ehlane laseSinayi nge-
nyanga yokuqala[c] yonyaka we-
sibili ngemva kokuba bephu-
me ezweni laseGibhithe, wa-
thi: **2** "Ama-Israyeli kufanele
alungise umhlatshelo wePhasi-
ka[d] ngesikhathi sawo esimisi-
we.[e] **3** Ngosuku luka-14 lwale
nyanga lapho sekuhwalele* ku-
fanele niwulungise ngesikha-
thi sawo esimisiwe. Kufane-
le niwulungise ngokuvumela-
na nayo yonke imithetho yawo
nazo zonke izinqubo zawo ezi-
bekiwe."[f]

**4** Ngakho uMose watshe-
la ama-Israyeli ukuba alu-
ngise umhlatshelo wePhasi-
ka. **5** Ngakho alungisa umhla-
tshelo wePhasika ngenyanga

ISAHL. 8
a Num 3:45 Num 16:9
b Num 3:12
c Eks 13:2, 12 Lev 27:26
d Eks 12:29 Eks 13:15
e Num 3:9 Num 18:6 1Kr 23:32 Hez 44:11
f Num 1:53 Num 18:5 1Sa 6:19
g Num 8:7
h Num 8:11

Uhla 2
a Num 8:12
b Num 1:53 Num 3:32 Num 18:4

ISAHL. 9
c Eks 40:2 Num 1:1
d Eks 12:27
e Eks 12:3, 6 Lev 23:5 Dut 16:1 1Ko 5:7
f Eks 12:8

**8:15** *NgesiHebheru, "nozowazulisa," okuwukuthi, uwayise phambili nasemuva. **8:16** *Noma, "labo abangamazibulo avula isizalo." **8:21** *NgesiHebheru, "wawazulisa," okuwukuthi, wawayisa phambili nasemuva.

**9:3** *NgesiHebheru, "phakathi kokuhlwa okubili."

yokuqala, ngosuku luka-14 lwe-
nyanga lapho sekuhwalele,*
ehlane laseSinayi. Ama-Israye-
li enza ngokuvumelana nakho
konke uJehova ayemyale nga-
kho uMose.
**6** Manje kwakunabantu aba-
bengcoliswe ukuthinta isidu-
mbu somuntu,*[a] okwabenza ba-
ngakwazi ukulungisa umhla-
tshelo wePhasika ngalolo suku.
Ngakho labo bantu baziletha
phambi kukaMose no-Aroni
ngalolo suku[b] **7** bathi kuMo-
se: "Singcolile ngenxa yoku-
thinta isidumbu somuntu.* Ku-
ngani kufanele sivinjelwe uku-
letha umnikelo kuJehova nge-
sikhathi sawo esimisiwe phaka-
thi kwama-Israyeli?"[c] **8** UMo-
se wathi kubo: "Yimani la-
pho, ngizwe ukuthi yini uJe-
hova azoyiyala ngokuqondene
nani."[d]
**9** UJehova wabe esethi ku-
Mose: **10** "Khuluma nama-
Israyeli, uthi kuwo, 'Nakuba ku-
ngase kwenzeke ukuba noma
yimuphi umuntu kini noma ezi-
zukulwaneni zenu angcoliswe
ukuthinta isidumbu somuntu[e]
noma angabi bikho ngenxa yo-
hambo olude, naye kusamelwe
awulungise umhlatshelo we-
Phasika oya kuJehova. **11** Ku-
fanele bawulungise ngenyanga
yesibili,[f] ngosuku luka-14 la-
pho sekuhwalele.* Kufanele ba-
wudle kanye nesinkwa esinge-
namvubelo nemifino ebabayo.[g]
**12** Akumele bavumele noma
yini kuwo isale kuze kube seku-
seni[h] futhi kufanele bangaphuli
thambo kuwo.[i] Kufanele bawu-
lungise ngokuvumelana nayo
yonke imithetho yePhasika.

**9:5, 11** *NgesiHebheru, "phakathi koku-hlwa okubili." **9:6** *Noma, "umphefumulo ongumuntu." **9:7** *Noma, "yomphefumulo ongumuntu."

**13** Kodwa uma umuntu ebehla-
nzekile noma kungekhona uku-
thi ubesohambweni kodwa wa-
kudebeselela ukulungisa um-
hlatshelo wePhasika, lowo mu-
ntu kumele abulawe*[a] ngoba
akazange alethe umnikelo ka-
Jehova ngesikhathi sawo esimi-
siwe. Lowo muntu uyophendula
ngesono sakhe.
**14** "'Uma kukhona isihambi
esihlala nani, naso kufanele si-
wulungise umhlatshelo wePha-
sika oya kuJehova.[b] Kufane-
le senze ngokuvumelana nemi-
thetho yePhasika nenqubo yalo
ebekiwe.[c] Kufanele kube nom-
thetho owodwa kini, koyisifiki
nakowokuzalwa ezweni.'"[d]
**15** Ngosuku okwamiswa
ngalo itabernakele[e] ifu lambo-
za itabernakele, itende lobu-
Fakazi, kodwa kusihlwa, okwa-
kubonakala kuwumlilo kwa-
qhubeka kuphezu kwetaberna-
kele kwaze kwaba sekuseni.[f]
**16** Yilokho okwaqhubeka kwe-
nzeka: Ifu lalilimboza emini,
ebusuku kube okwakubonaka-
la kuwumlilo.[g] **17** Noma nini
lapho ifu linyuka phezu kwete-
nde, ama-Israyeli ayesuka ngo-
kushesha,[h] endaweni lapho ifu
lima khona yilapho ama-Isra-
yeli ayemisa khona amatende.[i]
**18** Ama-Israyeli ayesuka ngo-
myalo kaJehova, amise amate-
nde ngomyalo kaJehova.[j] Uma
nje ifu lalisamile phezu kwe-
tabernakele, ayeqhubeka emi-
se amatende. **19** Lapho ifu
lihlala izinsuku eziningi phe-
zu kwetabernakele, ama-Isra-
yeli ayelalela uJehova angasu-
ki.[k] **20** Ngezinye izikhathi ifu
lalima izinsuku ezimbalwa phe-
zu kwetabernakele. Ayeqhube-
ka emise amatende ngomyalo

**9:13** *Noma, "anqunywe kubantu bakubo."

ISAHL. 9
a Num 5:2; Num 19:14, 16
b Eks 18:15; Num 15:33; Num 27:1, 2
c Lev 7:21; Dut 16:2
d Eks 25:22; Lev 16:2; Hu 99:6
e Num 5:2
f 2Kr 30:2, 15
g Eks 12:8
h Eks 12:10
i Eks 12:46; Hu 34:20; Joh 19:36

Uhla 2
a Eks 12:15
b Eks 12:19, 48
c Eks 12:8
d Lev 24:22; Dut 31:12
e Eks 40:2, 17
f Eks 40:34, 38
g Eks 13:22; Neh 9:19
h Num 10:11, 34
i Eks 40:36, 37
j Eks 17:1; Num 10:11-13
k Eks 40:37

kaJehova, asuke ngomyalo kaJehova. **21** Ngezinye izikhathi ifu lalihlala kusukela kusihlwa kuze kube sekuseni kuphela, futhi lapho ifu likhuphuka ekuseni, ayesuka. Kungakhathaliseki ukuthi ifu lalikhuphuka emini noma ebusuku, ayesuka.[a] **22** Kungakhathaliseki ukuthi kwakuyizinsuku ezimbili, inyanga noma ngaphezulu, uma nje ifu lalisahleli phezu kwetabernakele, ama-Israyeli ayeqhubeka emise amatende, angasuki. Kodwa lapho likhuphuka, ayesuka. **23** Ayemisa amatende ngomyalo kaJehova, asuke ngomyalo kaJehova. Agcina isibopho sawo kuJehova ngomyalo kaJehova ngoMose.

**10** Ngemva kwalokho uJehova wakhuluma noMose, wathi: **2** “Zenzele amacilongo[b] amabili; uwenze ngesiliva usebenzisa isando, uwasebenzisele ukubiza inhlangano nokubonisa abantu ukuthi sekuyahanjwa. **3** Lapho eshaywa womabili, yonke inhlangano kumele ize kuwe emnyango wetende lokuhlangana.[c] **4** Uma kushaywa elilodwa kuphela, yizikhulu zodwa, izinhloko zezinkulungwane zika-Israyeli, ezizoza kuwe.[d]

**5** “Lapho nenza umsindo wecilongo oshintshashintshayo, amakamu alabo abasempumalanga[e] kufanele asuke. **6** Lapho nenza umsindo wecilongo oshintshashintshayo okwesibili, amakamu alabo abaseningizimu[f] kufanele asuke. Kufanele bawenze ngale ndlela umsindo wecilongo isikhathi ngasinye lapho elinye lawo lisuka.

**7** “Lapho nibizela ibandla ndawonye, kufanele nishaye amacilongo,[g] kodwa akumele nenze umsindo oshintshashintshayo. **8** Amadodana ka-Aroni, abapristi, kufanele ashaye amacilongo,[a] ukusetshenziswa kwawo kuyosebenza njengomthetho waphakade kini kuzo zonke izizukulwane zenu.

**9** “Uma kufanele niye empini ezweni lakini niyokulwa nomuntu onicindezelayo onihluphayo, kufanele nihlabe umkhosi wempi ngala macilongo,[b] uJehova uNkulunkulu wenu uyonikhumbula nisindiswe ezitheni zenu.

**10** “Ngisho nangezinkathi zenu zenjabulo[c]—emikhosini yenu[d] nasekuqaleni kwezinyanga zenu—kufanele nishaye amacilongo nishayele iminikelo yenu eshiswayo[e] nemihlatshelo yenu ehlanganyelwayo;[f] ayosebenza njengesikhumbuzo kini phambi kukaNkulunkulu wenu. NginguJehova uNkulunkulu wenu.”[g]

**11** Ngonyaka wesibili, ngenyanga yesibili, ngosuku luka-20 enyangeni,[h] ifu lakhuphuka phezu kwetabernakele[i] lobuFakazi. **12** Ngakho ama-Israyeli aqala ukusuka ehlane laseSinayi ngokwendlela okwakufanele asuke ngayo,[j] ifu lahlala ehlane lasePharanu.[k] **13** Kwakungokokuqala ngqa esuka, elandela umyalo kaJehova ngoMose.[l]

**14** Ngakho isigaba sezizwe ezintathu sekamu labantwana bakwaJuda sasuka kuqala ngokwamaqembu* aso, uNaheshoni[m] indodana ka-Aminadaba wayengamele iqembu laso. **15** Owayengamele iqembu lesizwe sabantwana bakwa-Isakare kwakunguNethaneli[n] indodana kaZuwari.

---

**10:14** *NgesiHebheru, “ngokwamabutho.”

**ISAHL. 9**
a Eks 40:36; Hu 78:14

**ISAHL. 10**
b Lev 23:24
c Num 1:18; Dut 29:10, 11
d Eks 18:21; Num 1:16; Num 7:2; Dut 1:15; Dut 5:23
e Num 2:3
f Num 2:10
g Num 10:3

**Uhla 2**
a Num 31:6; 1Kr 15:24; 1Kr 16:6; 2Kr 29:26; Neh 12:35, 41
b 2Kr 13:12
c 1Kr 15:28; 2Kr 5:12; 2Kr 7:6; Ezr 3:10
d Lev 23:24; Num 29:1
e Num 28:11
f Lev 3:1
g Eks 6:7; Lev 11:45
h Num 1:1
i Num 9:17; Hu 78:14
j Eks 40:36; Num 2:9, 16, 17, 24, 31
k Num 12:16; Num 13:26; Dut 1:1, 2
l Num 2:34; Num 9:23
m Num 1:4, 7; Num 2:3
n Num 1:4, 8; Num 2:5

**16** Owayengamele iqembu lesi-
zwe sabantwana bakwaZebhu-
loni kwakungu-Eliyabe[a] indoda-
na kaHeloni.
**17** Lapho itabernakele lehli-
swa,[b] amadodana kaGereshoni[c]
namadodana kaMerari,[d] aye-
thwala itabernakele, asuka.
**18** Isigaba sezizwe ezinta-
thu sekamu likaRubeni sa-
suka ngokwamaqembu* aso,
u-Elizuri[e] indodana kaShe-
dewuri wayengamele iqembu
laso. **19** Owayengamele iqe-
mbu lesizwe sabantwana ba-
kwaSimeyoni kwakunguShelu-
miyeli[f] indodana kaZurishada-
yi. **20** Owayengamele iqembu
lesizwe sabantwana bakwaGa-
di kwakungu-Eliyasafa[g] indoda-
na kaDehuweli.
**21** Kwabe sekusuka amaKo-
hati, okuyiwona ayethwala izi-
nto zendlu engcwele.[h] Itaberna-
kele kwakufanele limiswe nge-
sikhathi afika ngaso.
**22** Isigaba sezizwe ezinta-
thu sekamu labantwana bakwa-
Efrayimi sasuka ngokwamaqe-
mbu* aso, u-Elishama[i] indoda-
na ka-Amihudi engamele iqe-
mbu laso. **23** Owayengamele
iqembu lesizwe sabantwana
bakwaManase kwakunguGama-
liyeli[j] indodana kaPhedazuri.
**24** Owayengamele iqembu lesi-
zwe sabantwana bakwaBhenja-
mini kwakungu-Abhidani[k] indo-
dana kaGidiyoni.
**25** Ngemva kwalokho isiga-
ba sezizwe ezintathu sekamu
labantwana bakwaDani sasuka
ngokwamaqembu* aso, sakha
ibutho labaqaphi elisemuva
lawo wonke amakamu, u-Ahi-
yezeri[l] indodana ka-Amishada-
yi wayengamele iqembu laso.
**26** Owayengamele iqembu le-
sizwe sabantwana bakwa-Ashe-
ri kwakunguPhagiyeli[a] indoda-
na ka-Okirani. **27** Owayenga-
mele iqembu lesizwe saba-
ntwana bakwaNafetali kwaku-
ngu-Ahira[b] indodana ka-Enani.
**28** Lena kwakuyindlela ama-
Israyeli ayehamba ngayo neya-
yilandelwa amaqembu* awo la-
pho esuka.[c]
**29** UMose wathi kuHobabi
indodana kaRehuweli*[d] umMi-
diyani, umukhwe kaMose: "Si-
yasuka siya endaweni uJehova
athi ngayo, 'Ngiyoninika yona.'[e]
Woza sihambe nawe,[f] sizoku-
phatha kahle, ngoba uJeho-
va umthembise izinto ezinhle
u-Israyeli."[g] **30** Kodwa wathi
kuye: "Ngeke ngihambe. Ngi-
zobuyela ezweni lakithi na-
sezihlotsheni zami." **31** UMo-
se wathi kuye: "Sicela unga-
sishiyi, ngoba nguwe owa-
zi lapho kufanele simise kho-
na amatende ehlane, ungakwa-
zi ukuba umqondisi* wethu.
**32** Uma uhamba nathi,[h] noma
yikuphi okuhle uJehova ayo-
kwenza kithi, nakanjani siyo-
kwenza nakuwe."
**33** Ngakho bahamba uha-
mbo lwezinsuku ezintathu be-
suka entabeni kaJehova,[i] um-
phongolo[j] wesivumelwano si-
kaJehova wawuhamba phambi
kwabo kulolu hambo lwezinsu-
ku ezintathu ukuze ubafunele
indawo yokuphumula.[k] **34** Ifu
likaJehova[l] laliphezu kwabo
emini lapho besuka endaweni
ababemise amatende kuyo.
**35** Noma nini lapho uMpho-
ngolo usuka, uMose wayethi:
"O Jehova, vuka,[m] mazihlaka-
zeke izitha zakho, mababale-
ke phambi kwakho labo abaku-
zondayo." **36** Kwakuthi lapho

---

**10:18, 22, 25, 28** *NgesiHebheru, "ngokwamabutho."
**10:29** *Okuwukuthi, uJetiro. **10:31** *Noma, "amehlo."

---

ISAHL. 10
a Num 2:7
b Num 1:51
c Num 3:25, 26
d Num 3:36, 37
e Num 1:4, 5; Num 2:10
f Num 1:5, 6; Num 2:12
g Num 1:4, 14; Num 2:14
h Num 3:30, 31; Num 4:15; Num 7:9
i Num 1:4, 10; Num 2:18, 24
j Num 1:4, 10; Num 2:20
k Num 1:4, 11; Num 2:22
l Num 1:4, 12; Num 2:25, 31

Uhla 2
a Num 1:4, 13; Num 2:27
b Num 1:4, 15; Num 2:29
c Num 2:34
d Eks 2:16, 18; Eks 3:1; Eks 18:1, 5
e Gen 12:7; Gen 13:14, 15; Gen 15:18
f Hlu 1:16; Hlu 4:11; 1Sa 15:6
g Eks 3:8; Eks 6:7
h Hlu 1:16; Hlu 4:11
i Eks 3:1; Eks 19:3; Eks 24:16; Dut 5:2
j Eks 25:10, 17
k Dut 1:32, 33; Jos 3:3, 4
l Eks 13:21; Neh 9:12; Hu 78:14
m Hu 132:8

uhlala, athi: “O Jehova, buyela
ezinkulungwaneni ezingenaku-
balwa* zakwa-Israyeli.”[a]

**11** Manje abantu baqala
ukukhononda phambi
kukaJehova. Lapho uJehova
ekuzwa lokho, intukuthelo ya-
khe yavutha, umlilo kaJeho-
va wabavuthela, waqothula
abanye emaphethelweni eka-
mu. **2** Lapho abantu bekha-
la kuMose, wabanxusela kuJe-
hova,[b] umlilo wacisha. **3** Nga-
kho leyo ndawo yabizwa ngo-
kuthi iThabehera* ngoba umli-
lo ovela kuJehova wawubavu-
thele.[c]

**4** Isixuku esiyingxubeva-
nge*[d] esasiphakathi kwabo
sabe sesiveza izifiso zaso zobu-
govu,[e] ama-Israyeli nawo aphi-
nde akhala futhi athi: “Ubani
ozosinika inyama esizoyi-
dla?[f] **5** Yeka ukuthi sizikhu-
mbula kanjani izinhlanzi esasi-
zidla eGibhithe mahhala, okhu-
khamba, amakhabe, amalikhi,
u-anyanisi nogalikhi![g] **6** Ko-
dwa manje sibuthakathaka.
Asiboni lutho nhlobo ngapha-
ndle kwaleli mana.”[h]

**7** Imana[i] lalinjengembewu
yekoriyanderi,[j] libukeka nje-
ngenomfi yebhedola. **8** Aba-
ntu babethi chithi saka balibu-
the, baligaye ematsheni okuga-
ya noma baligqule esigqulweni.
Ngemva kwalokho babelibilisa
emabhodweni okupheka noma
benze ngalo izinkwa eziyizindi-
linga,[k] lalinambitheka njenge-
khekhe elinoshukela namafu-
tha. **9** Lapho amazolo ehlela
ekamu ebusuku, imana nalo la-
lehlela kulo.[l]

**10** UMose wezwa abantu
bekhala, umndeni nomnde-
ni, umuntu ngamunye em-
nyango wetende lakhe. UJe-
hova wathukuthela kakhulu,[a]
uMose naye wacasuka kakhu-
lu. **11** UMose wathi kuJeho-
va: “Uyihlupheleni inceku ya-
kho? Kungani ngingazange ngi-
thole umusa kuwe, wabeka um-
thwalo waso sonke lesi si-
zwe phezu kwami?[b] **12** Inga-
be yimi owakhulelwa sonke lesi
sizwe? Yimi yini osizele, uku-
ba uthi kimi, ‘Sithwale esifube-
ni sakho, njengoba nje inceku*
iphatha umntwana osancela,’
usiyise ezweni owafunga uku-
linika okhokho baso?[c] **13** Ngi-
zoyithathaphi inyama engizoyi-
nika sonke lesi sizwe? Ngoba
silokhu singikhalela, sithi, ‘Si-
nike inyama, sidle!’ **14** Angi-
kwazi ukusithwala ngedwa so-
nke lesi sizwe; siyangisinda ka-
khulu.[d] **15** Uma kuyile ndle-
la ozongiphatha ngayo, ngicela
ungibulale khona manje.[e] Uma
ngithole umusa kuwe, unga-
ngenzi ngibone enye inhlekele-
le.”

**16** UJehova waphendula
uMose wathi: “Ngiqoqele ama-
doda angu-70 emadodeni
amadala akwa-Israyeli, amado-
da owaqaphelayo* ukuthi anga-
madoda amadala nezikhulu za-
bantu,[f] uwayise etendeni lo-
kuhlangana, ame lapho kanye
nawe. **17** Ngizokwehla[g] ngi-
khulume nawe lapho,[h] ngitha-
the omunye umoya[i] okuwe ngi-
wubeke kuwo, azokusiza eku-
thwaleni umthwalo wabantu
ukuze ungawuthwali wedwa.[j]
**18** Kufanele uthi kubantu, ‘Zi-
ngcweliseleni usuku lwakusa-
sa[k] ngoba nakanjani nizodla
inyama, ngoba niye nakhala

**ISAHL. 10**
*a* Dut 1:10

**ISAHL. 11**
*b* Eks 32:11, Dut 9:19, Hu 106:23, Jak 5:16
*c* Dut 9:22
*d* Eks 12:37, 38, Lev 24:10
*e* 1Ko 10:6, 10
*f* Hu 78:18, 22, Hu 106:14
*g* Eks 16:3
*h* Eks 16:35, Num 21:5
*i* Eks 16:14, Neh 9:20, Joh 6:31
*j* Eks 16:31
*k* Eks 16:16, 23
*l* Hu 78:24

**Uhla 2**
*a* Num 11:1
*b* Eks 17:4, Dut 1:12
*c* Gen 13:14, 15, Gen 26:3
*d* Eks 18:17, 18, Dut 1:9
*e* 1Kh 19:2, 4, Job 6:8, 9
*f* Dut 16:18
*g* Eks 19:11, Eks 25:22, Eks 34:5, Num 12:5
*h* Num 11:25, Num 12:8
*i* 1Sa 10:6, 2Kh 2:15, Neh 9:20, IzE 2:17
*j* Eks 18:21, 22
*k* Eks 19:10

**10:36** *Noma, “emashumini ezinkulungwane zezinkulungwane.” **11:3** *Incazelo: “Ukuvutha,” okuwukuthi, umlilo omkhulu; umlilo owubuhanguhangu. **11:4** *Ngokusobala abangewona ama-Israyeli ababephakathi kwawo.

**11:12** *Noma, “umzanyana wesilisa.” **11:16** *Noma, “owaziyo.”

ezindlebeni zikaJehova,[a] nathi:
“Ubani ozosinika inyama esizo-
yidla? Kwakungcono kithi eGi-
bhithe.”[b] Nakanjani uJehova
uzoninika inyama futhi nizoyi-
dla.[c] **19** Nizoyidla, hhayi usu-
ku olulodwa noma izinsuku
ezimbili noma izinsuku ezi-
nhlanu noma izinsuku eziyi-
shumi noma izinsuku ezingu-
20, **20** kodwa nizoyidla inya-
nga yonke, ize iphume nga-
makhala futhi ibe yinto enya-
nyekayo kini,[d] ngoba nimlahlile
uJehova ophakathi kwenu fu-
thi benikhala phambi kwakhe
nithi: “Siphumeleni eGibhi-
the?”’”[e]

**21** UMose wayesethi: “Aba-
ntu engiphakathi kwabo banga-
madoda angu-600 000[f] ahamba
ngezinyawo, kodwa wena uthe,
‘Ngizobanika inyama, bazoyi-
dla badele inyanga yonke’!
**22** Uma bekungahlatshwa imi-
hlambi yezimvu neyezinko-
mo, ibizobanela yini? Noma
uma bekungadotshwa zonke
izinhlanzi ezisolwandle, bezi-
zobanela yini?”

**23** UJehova wabe esethi ku-
Mose: “Sifushane yini isandla
sikaJehova?[g] Manje uzobona
ukuthi engikushoyo kuzokwe-
hlela yini noma cha.”

**24** Ngakho uMose waphuma
wakhuluma nabantu amazwi
kaJehova. Waqoqela ndawo-
nye amadoda angu-70 emado-
deni amadala esizwe wawami-
sa azungeza itende.[h] **25** UJe-
hova wehla ngefu[i] wakhulu-
ma naye,[j] wathatha omunye
umoya[k] owawukuye wawubeka
endodeni endala ngayinye kwa-
ngu-70. Ngokushesha nje la-
pho umoya uhlala kuwo, aqa-
la ukwenza njengabaprofethi,*[l]
kodwa kwagcina ngaleso sikha-
thi.

**26** Amabili kula madoda
ayesele ekamu. Igama lenye
kwakungu-Elidadi, enye kungu-
Medadi. Umoya waqala uku-
hlala kuwo njengoba ayepha-
kathi kwalawo amagama awo
ayebhalwe phansi, kodwa wona
engaphumanga ukuya etende-
ni. Ngakho aqala ukwe-
nza njengabaprofethi ekamu.
**27** Insizwa ethile yagijima ya-
bikela uMose yathi: “U-Elida-
di noMedadi benza njengaba-
profethi ekamu!” **28** UJoshu-
wa[a] indodana kaNuni, isikho-
nzi sikaMose kusukela ebu-
sheni bakhe, waphendula wa-
thi: “Nkosi yami Mose, banqa-
nde!”[b] **29** Kodwa uMose wa-
thi kuye: “Ingabe unesikhwe-
le ngami? Ungabi nesikhwele,
ngifisa ngabe bonke abantu ba-
kaJehova bebengabaprofethi
nokuba uJehova abeke umo-
ya wakhe kubo!” **30** Kamuva
uMose waphindela ekamu ka-
nye namadoda amadala akwa-
Israyeli.

**31** Ngemva kwalokho kwaba
nomoya ovela kuJehova, wa-
qhuba izagwaca* zivela olwa-
ndle wazehlisela ekamu za-
gcwala nhlangothi zonke ze-
kamu,[c] wawungahamba usu-
ku lonke unqamula endawe-
ni ezazikuyo, futhi zazindize-
la phansi ebangeni elinga-
ba izingalo# ezimbili ngaphezu
komhlabathi. **32** Ngakho aba-
ntu abalalanga lonke lolo suku
nabo bonke lobo busuku na-
ngosuku olulandelayo bebu-
tha izagwaca. Akekho owabu-
tha ezingaphansi kwamahome-
re* ayishumi, futhi baqhubeka
bezinekela zona nhlangothi zo-

ISAHL. 11
a Eks 16:7
b Num 11:4, 5
c Eks 16:8
d Hu 78:29
e Num 21:5
f Eks 12:37 Eks 38:26 Num 1:45, 46
g Gen 18:14 Isay 59:1 Mar 10:27 Luk 1:37
h Num 11:16
i Eks 33:9 Num 12:5 Dut 31:15
j Hu 99:7
k Num 11:17 2Kh 2:9, 15
l 1Sa 10:6 1Sa 19:20

Uhla 2
a Eks 17:9 Eks 24:13 Eks 33:11 Num 27:18-20 Dut 31:3
b Mar 9:38
c Eks 16:13 Hu 78:26, 27

**11:25** *Noma, “aqala ukuprofetha.”

**11:31** *Uhlobo oluthile lwenyoni. #Ingalo eyayilingana no-44,5 cm. Bheka iSithasiselo B14. **11:32** *Ihomere lalilingana no-220 L. Bheka iSithasiselo B14.

nke zekamu. **33** Kodwa ngesi-
khathi inyama isesemazinywe-
ni abo, ingakahlafunwa, intu-
kuthelo kaJehova yabavuthe-
la abantu, uJehova wabashaya
ngenhlupho kwafa abaningi ka-
khulu.[a]

**34** Ngakho leyo ndawo ba-
yiqamba ngokuthi iKibiroti-ha-
thawa*[b] ngoba yilapho ba-
ngcwaba khona abantu
ababonisa isifiso sobugovu.[c]
**35** Abantu basuka eKibiroti-
hathawa baya eHazeroti, ba-
qhubeka behleli eHazeroti.[d]

**12** UMiriyamu no-Aroni ba-
khuluma kabi ngoMo-
se ngenxa yomfazi ongumKu-
she ayemshadile, ngoba wa-
yethathe umfazi ongumKu-
she.[e] **2** Babethi: "Ingabe uJe-
hova ukhulume ngoMose ku-
phela? Akakhulumanga yini na-
ngathi?"[f] UJehova wayelalele.[g]
**3** UMose wayemnene ukube-
dlula kude bonke abantu*[h] em-
hlabeni.

**4** Kungazelelwe uJehova
wathi kuMose no-Aroni noMi-
riyamu: "Phumani nobathathu
niye etendeni lokuhlangana."
Ngakho baphuma bobathathu.
**5** UJehova wehla ngensika
yefu[i] wama emnyango wetende
wayesebiza u-Aroni noMiriya-
mu. Bobabili baya ngaphambi-
li. **6** Wabe esethi: "Ngicela ni-
zwe amazwi ami. Ukube beku-
nomprofethi kaJehova phaka-
thi kwenu, bengizozazisa kuye
embonweni,[j] ngikhulume naye
ngephupho.[k] **7** Kodwa aku-
njalo ngenceku yami uMose!
Uphathiswe yonke indlu yami.*[l]
**8** Ngikhuluma naye ubuso no-
buso[a] ngokukhululekile, hhayi
ngamazwi adidayo; futhi ubona
ukubonakala kukaJehova. Pho
kungani nina ningesabanga
ukukhuluma kabi ngenceku
yami, ukukhuluma kabi ngoMo-
se?"

**9** Ngakho intukuthelo kaJe-
hova yabavuthela, wabashiya.
**10** Ifu lasuka phezu kwete-
nde, futhi uMiriyamu wayesha-
ywe ngochoko olumhlophe nje-
ngeqhwa.[b] U-Aroni waphendu-
kela kuMiriyamu, wabona uku-
thi wayeshaywe ngochoko.[c]
**11** Ngokushesha u-Aroni wathi
kuMose: "Ngiyakuncenga nko-
si yami! Sicela ungasibaleli ki-
thi lesi sono! Senze ngobuwu-
la. **12** Siza, ungamyeki aqhu-
beke enjengofileyo, onyama ya-
khe idlekile lapho ezalwa!"
**13** UMose waqala ukukhala
kuJehova, wathi: "O Nkulunku-
lu, sicela umphulukise! Siyace-
la!"[d]

**14** UJehova wamphendula
uMose: "Ukube uyise ube-
ngamkhafulela ebusweni ngo-
kuqondile, ubengeke yini alu-
lazeke izinsuku eziyisikhombi-
sa? Makahlaliswe yedwa izi-
nsuku eziyisikhombisa ngapha-
ndle kwekamu,[e] ngemva kwalo-
kho angangeniswa." **15** Nga-
kho uMiriyamu wahlaliswa ye-
dwa ngaphandle kwekamu izi-
nsuku eziyisikhombisa,[f] abantu
abazange basuke ekamu kwa-
ze kwaba yilapho uMiriyamu
engeniswa khona. **16** Ngemva
kwalokho abantu basuka eHa-
zeroti[g] bamisa amatende ehla-
ne lasePharanu.[h]

**13** Manje uJehova wakhu-
luma noMose, wathi:
**2** "Thuma amadoda ayohlo-
la izwe laseKhanani engilinika
ama-Israyeli. Kufanele uthume

---

**11:34** *Incazelo: "Izindawo Zokungcwa-
ba Abanezifiso." **12:3** *Noma, "wa-
yethobeke kakhulu (enomoya omnene)
ngaphezu kwabo bonke abanye aba-
ntu." **12:7** *NgesiHebheru, "Kuyo yo-
nke indlu yami, uzibonakalisa ethembe-
kile."

**ISAHL. 11**
*a* Hu 78:30, 31; 1Ko 10:10
*b* Num 33:16; Dut 9:22
*c* 1Ko 10:6
*d* Num 33:17

**ISAHL. 12**
*e* Eks 2:16, 21
*f* Eks 4:14-16; Eks 4:30; Eks 15:20; Eks 28:30; Mik 6:4
*g* Num 11:1
*h* Mat 11:29
*i* Eks 34:5; Num 11:25
*j* Gen 15:1; Gen 46:2; Eks 24:9-11
*k* Gen 31:10, 11
*l* Heb 3:2, 5

**Uhla 2**
*a* Eks 33:11; Dut 34:10
*b* Dut 24:9
*c* 2Kr 26:19
*d* Eks 32:11; Jak 5:16
*e* Lev 13:45, 46; Num 5:2
*f* Dut 24:9
*g* Num 11:35; Num 33:18
*h* Num 10:12

indoda eyodwa esizweni ngasi-
nye sokhokho bayo, ngayinye
eyisikhulu[a] phakathi kwaso."[b]
**3** Ngakho uMose wawathu-
ma esuka ehlane lasePhara-
nu[c] ngomyalo kaJehova.
Wonke lawo madoda ayeyi-
zinhloko zama-Israyeli. **4** Yi-
lawa amagama awo: esizwe-
ni sakwaRubeni, uShamuwa
indodana kaZakuri; **5** esizwe-
ni sakwaSimeyoni, uShafati
indodana kaHori; **6** esizwe-
ni sakwaJuda, uKalebi[d] indoda-
na kaJefune; **7** esizweni sa-
kwa-Isakare, u-Igali indoda-
na kaJosefa; **8** esizweni sa-
kwa-Efrayimi, uHosheya[e] indo-
dana kaNuni; **9** esizweni sa-
kwaBhenjamini, uPhaliti indo-
dana kaRafu; **10** esizweni sa-
kwaZebhuloni, uGadiyeli indo-
dana kaSodi; **11** esizweni sa-
kwaJosefa,[f] wesizwe sakwaMa-
nase,[g] uGadidi indodana ka-
Susi; **12** esizweni sakwaDani,
u-Amiyeli indodana kaGema-
li; **13** esizweni sakwa-Ashe-
ri, uSethuru indodana kaMi-
kayeli; **14** esizweni sakwaNa-
fetali, uNahibi indodana ka-
Vofisi; **15** esizweni sakwaGa-
di, uGewuweli indodana kaMa-
ki. **16** Lawa amagama ama-
doda uMose awathuma uku-
ba ayohlola izwe. UMose waqa-
mba uHosheya indodana kaNu-
ni ngokuthi uJoshuwa.*[h]
**17** Lapho uMose ewathuma
ukuba ayohlola izwe laseKha-
nani, wathi kuwo: "Khuphuka-
ni niye eNegebhi, bese nikhu-
phukela ezintabeni.[i] **18** Ku-
mele nibone ukuthi izwe aba-
hlala kulo linjani[j] nokuthi aba-
ntu abahlala kulo banamandla
noma babuthakathaka, bamba-
lwa noma baningi, **19** nokuthi
izwe abahlala kulo lihle noma
libi, nokuthi amadolobha aba-
hlala kuwo angamakamu noma
anezivikelo eziqinile. **20** Ni-
bheke nokuthi izwe licebile*
noma limpofu#[a] kanye nokuthi
linezihlahla noma cha. Kume-
le nibe nesibindi,[b] nithathe ezi-
nye zezithelo zezwe." Kwaku-
yinkathi yamagilebhisi okuqala
avuthiwe.[c]
**21** Ngakho akhuphuka,
ahlola izwe kusukela ehlane la-
seZini[d] kuye eRehobe,[e] eduze
kweLebo-hamati.*[f] **22** La-
pho ekhuphukela eNegebhi,
abe esefika eHebroni,[g] lapho
kwakuhlala khona u-Ahima-
ni, uSheshayi noTalimayi,[h] aba-
ngama-Anaki.[i] IHebroni lala-
khiwe eminyakeni eyisikho-
mbisa ngaphambi kweZowani
laseGibhithe. **23** Lapho efika
eSigodini* Sase-Eshikoli,[j] afi-
ke anqamula igatsha elaline-
hlukuzo elilodwa lamagilebhi-
si, okwadingeka ukuba amado-
da amabili alitshathe ngogo-
do, kanye namanye amahalana-
nda# namakhiwane.[k] **24** Abi-
za leyo ndawo ngokuthi iSigo-
di* Sase-Eshikoli,#[l] ngenxa ye-
hlukuzo ama-Israyeli alinqamu-
la lapho.
**25** Ekupheleni kwezinsuku
ezingu-40[m] abuya ekuhloleni
izwe. **26** Abuyela kuMose no-
Aroni nakuyo yonke inhla-
ngano yama-Israyeli ehlane la-
sePharanu, eKadeshi.[n] Abuyi-
sa umbiko kuyo yonke inhla-
ngano, ababonisa nezithelo ze-
zwe. **27** Yilokhu akubikela
uMose: "Singenile ezweni osi-
thume kulo, ngempela ligeleza

---

**13:16** *Noma, "uJehoshuwa," okusho ukuthi "UJehova Uyinsindiso."

**13:20** *NgesiHebheru, "linonile." #NgesiHebheru, "lizacile." **13:21** *Noma, "ekuqaleni kweHamati." **13:23** *Noma, "eMhosheni." #Noma, "amahananadi." **13:24** *Noma, "uMhosha." #Incazelo: "Ihlukuzo Lamagilebhisi."

---

ISAHL. 13
a Eks 18:25; Dut 1:15
b Dut 1:22, 23
c Num 12:16; Dut 1:19
d Num 13:30; Num 14:30, 38; Num 34:18, 19; 1Kr 4:15
e Num 11:28; Num 13:16; Num 14:30; Num 34:17
f Gen 48:5
g Gen 48:17, 19
h Eks 17:9
i Dut 1:7
j Eks 3:8; Dut 8:7

Uhla 2
a Neh 9:25; Hez 20:6
b Dut 31:6; Jos 1:6, 9
c Num 13:23
d Num 34:2, 3; Jos 15:1
e 2Sa 10:6, 8
f Num 34:8
g Gen 13:18; Jos 15:13; Jos 21:11, 12
h Hlu 1:10
i Dut 9:1, 2; Jos 11:21
j Num 32:9
k Dut 1:25; Dut 8:7-9
l Dut 1:24
m Num 14:33, 34
n Dut 1:19

ubisi noju,[a] nazi izithelo zalo.[b]
**28** Noma kunjalo, abantu aba-
hlala kuleliya zwe banamandla,
namadolobha anezivikelo eziqi-
nile makhulu kakhulu. Sibone
nama-Anaki lapho.[c] **29** Ama-
Amaleki[d] ahlala ezweni lase-
Negebhi,[e] amaHeti, amaJebusi[f]
nama-Amori[g] ahlala ezintabe-
ni, amaKhanani[h] ahlala ngaso-
lwandle[i] naseceleni kweJorda-
ni."

**30** UKalebi wazama ukube-
hlisa umoya abantu njengo-
ba bemi phambi kukaMose
wathi: "Masikhuphukeni kho-
na manje, nakanjani sizoli-
thatha libe elethu ngoba
ngokuqinisekile singalinqoba."[j]
**31** Kodwa amadoda ayekhu-
phuke naye athi: "Asikwazi
ukukhuphuka siyomelana na-
labo bantu ngoba banamandla
kunathi."[k] **32** Aqhubeka ele-
tha umbiko omubi[l] kuma-Isra-
yeli ngezwe ayelihlolile, ethi:
"Izwe esiye salidabula silihlola
liyizwe elishwabadela abantu
abakhe kulo futhi bonke aba-
ntu esibabone kulo bade ngo-
kungavamile.[m] **33** Sibone na-
maNefili lapho, amadodana ka-
Anaki,[n] avela* kumaNefili, uma
siqhathaniswa nawo saba nje-
ngezintethe, kithi kanye naku-
wo."

**14** Ngemva kwalokho yo-
nke inhlangano yaphaka-
misa izwi layo, abantu ba-
qhubeka bekhala bonke lobo
busuku.[o] **2** Wonke ama-Isra-
yeli aqala ukububula ngoMose
nango-Aroni,[p] yonke inhlanga-
no yakhuluma kabi ngabo ya-
thi: "Ukube savele safela ezwe-
ni laseGibhithe noma safela
kuleli hlane! **3** Kungani uJe-
hova esiletha kuleli zwe uku-
ze siwe ngenkemba?[q] Omkethu
nezingane zethu bazoba impa-
ngo.[a] Akungcono yini ukuba si-
buyele eGibhithe?"[b] **4** Babeze
bathi komunye nomunye: "Ma-
sibeke umholi omusha, sibuye-
le eGibhithe!"[c]

**5** UMose no-Aroni bakho-
thama phambi kwalo lonke iba-
ndla lenhlangano yama-Israye-
li. **6** UJoshuwa[d] indodana ka-
Nuni noKalebi[e] indodana kaJe-
fune, ababephakathi kwalabo
abahlola izwe, baklebhula izi-
ngubo zabo, **7** babe sebethi
kuyo yonke inhlangano yama-
Israyeli: "Izwe esalidabula sili-
hlola liyizwe elihle kakhulu
impela.[f] **8** Uma uJehova eja-
bule ngathi, nakanjani uyosi-
ngenisa kuleli zwe futhi asi-
nike lona, izwe eligeleza ubi-
si noju.[g] **9** Kodwa akumele
nidlubulunde kuJehova futhi
akumele nesabe abantu bezwe[h]
ngoba sizobashwabadela.* Aba-
senaso isivikelo futhi uJehova
unathi.[i] Ningabesabi."

**10** Nokho, yonke inhlanga-
no yakhuluma ngokubasha-
ya ngamatshe.[j] Kodwa inka-
zimulo kaJehova yabonaka-
la etendeni lokuhlangana kuwo
wonke ama-Israyeli.[k]

**11** UJehova wabe esethi ku-
Mose: "Kuyoze kube nini laba
bantu bengangihloniphi,[l] kuyo-
ze kube nini bengenalo ukholo
kimi naphezu kwazo zonke izi-
bonakaliso engizenzile phaka-
thi kwabo?[m] **12** Ngiyeke ngi-
bashaye ngesifo esiwumshaya-
bhuqe futhi ngibaxoshe, nge-
nze wena ube isizwe esikhulu
nesinamandla kunabo."[n]

**13** Kodwa uMose wathi ku-
Jehova: "AbaseGibhithe, owa-
khipha lesi sizwe phaka-
thi kwabo ngamandla akho,

**ISAHL. 13**
a Eks 3:8; Lev 20:24
b Dut 1:25
c Num 13:22, 33; Dut 1:27, 28
d Gen 36:12; Eks 17:8; 1Sa 15:3
e Num 13:17
f Hlu 1:21; 2Sa 5:6, 7
g Gen 10:15, 16
h Eks 23:23; Dut 7:1; Dut 20:17
i Gen 10:19
j Jos 14:7, 8
k Num 32:9
l Num 14:36
m Amo 2:9
n Dut 1:28; Dut 9:1, 2

**ISAHL. 14**
o Dut 1:32, 33
p Dut 1:27; Hu 106:25
q Hu 78:40

**Uhla 2**
a Num 14:31; Dut 1:39
b Num 11:5
c Neh 9:17
d Num 13:8, 16
e Num 13:6, 16; Num 14:30
f Num 13:26, 27; Dut 1:25; Dut 8:7, 8
g Eks 3:8
h Dut 7:17, 18; Dut 20:3
i Eks 33:16; Dut 20:1
j Eks 17:4
k Eks 16:10
l Eks 16:28; Num 14:22, 23
m Dut 9:23; Heb 3:19
n Eks 32:10

---

**13:33** *Noma, "ayinzalo."

**14:9** *NgesiHebheru, "ngoba bayisinkwa kithi."

bayokuzwa,[a] **14** baxoxe nga-
kho kubantu abakhe kuleli
zwe. Nabo bazwile ukuthi wena
Jehova uphakathi kwalesi si-
zwe,[b] uye wabonakala kuso
ubuso nobuso.[c] UnguJehova,
ifu lakho limi phezu kwaso,
uhamba phambi kwaso use-
nsikeni yefu emini nasensike-
ni yomlilo ebusuku.[d] **15** Uma
usibulala sonke lesi sizwe nge-
sikhathi esisodwa,* izizwe ezi-
zwile ngodumo lwakho ziyothi:
**16** 'UJehova uhlulekile uku-
ngenisa lesi sizwe ezweni afu-
nga ukulinika sona, ngakho
wasibulala ehlane.'[e] **17** Manje
ngiyacela Jehova, mawabe ma-
khulu amandla akho, njengo-
ba wathembisa lapho uthi:
**18** 'UJehova, owephuza uku-
thukuthela, onothando oluqo-
tho*[f] oluchichimayo, oxolela
amaphutha neziphambeko, ko-
dwa ongasoze angamjezisi one-
cala, oletha isijeziso sesipha-
mbeko soyise phezu kwaba-
ntwana, phezu kwesizukulwa-
ne sesithathu naphezu kwesi-
zukulwane sesine.'[g] **19** Ngice-
la uthethelele isiphambeko sa-
lesi sizwe ngokuvumelana no-
bukhulu bothando lwakho olu-
qotho, njengoba nje uye wasi-
xolela lesi sizwe kusukela eGi-
bhithe kuze kube manje."[h]

**20** UJehova wabe esethi:
"Ngiyasithethelela ngokuvume-
lana nezwi lakho.[i] **21** Kodwa
ngakolunye uhlangothi, ngiya-
funga ngithi, wonke umhlaba
uyogcwala inkazimulo kaJeho-
va.[j] **22** Nokho, akukho no-
yedwa emadodeni abone
inkazimulo yami nezibonaka-
liso zami[k] engizenze eGibhi-
the nasehlane kodwa nokho
waqhubeka engivivinya[l] lezi zi-
khathi eziyishumi, wangali-
lalela izwi lami,[a] **23** oyobo-
na izwe engafunga ngalo koyi-
se. Cha, akukho noyedwa kula-
bo abangangihloniphi oyolibo-
na.[b] **24** Kodwa ngenxa yoku-
thi inceku yami uKalebi,[c] ibe
nomoya ohlukile yaqhubeka
ingilandela ngenhliziyo yayo
yonke, nakanjani ngiyoyinge-
nisa ezweni eyaya kulo fu-
thi inzalo yayo iyodla ifa lalo.[d]
**25** Njengoba ama-Amaleki na-
maKhanani[e] ehlala esigodini,*
kufanele nibuye kusasa, nisu-
ke niye ehlane ngendlela yaso-
Lwandle Olubomvu."[f]

**26** UJehova wabe esethi ku-
Mose naku-Aroni: **27** "Kuyoze
kube nini le nhlangano embi
ilokhu ibubula ngami?[g] Ngiku-
zwile ukububula kwama-Isra-
yeli ngami.[h] **28** Yithi kuwo,
'"Ngiyafunga," kusho uJe-
hova, "ngiyokwenza kini lo-
kho kanye engizwe nikukhu-
luma![i] **29** Izidumbu zenu ziyo-
kuwa kuleli hlane,[j] yebo, bonke
ababebhalisiwe kini kusukela
kwabaneminyaka engu-20 kuya
phezulu, nabo bonke kini aba-
ye babubula ngami.[k] **30** Ake-
kho kini oyongena ezweni
engafunga* ukuthi niyohlala
kulo,[l] ngaphandle kukaKalebi
indodana kaJefune noJoshuwa
indodana kaNuni.[m]

**31** "'"Ngiyoletha izingane
zenu enanithe zizoba impa-
ngo,[n] ziyolazi izwe enilalile.[o]
**32** Kodwa izidumbu zenu ziyo-
kuwa kuleli hlane. **33** Amado-
dana enu ayoba abelusi ehla-
ne iminyaka engu-40,[p] kuyo-
melwe aphendule ngenxa ye-
zenzo zenu zokungathembeki*
kuze kube yilapho kuwa isidu-

---

**14:15** *NgesiHebheru, "njengokungathi umuntu oyedwa." **14:18** *Noma, "onomusa wothando."

**14:25** *Noma, "ethafeni eliphansi." **14:30** *NgesiHebheru, "engaphakamisa isandla sami." **14:33** *NgesiHebheru, "zobufebe."

---

ISAHL. 14
- *a* Eks 32:12; Hez 20:9
- *b* Eks 15:13, 14; Jos 2:10; Jos 5:1
- *c* Dut 4:12; Dut 5:4
- *d* Eks 13:21; Hu 78:14
- *e* Dut 9:28
- *f* Hu 103:8; Mik 7:18
- *g* Eks 34:6, 7
- *h* Eks 34:9; Hu 78:38
- *i* Jak 5:16
- *j* Hu 72:19; Hab 2:14
- *k* Neh 9:17
- *l* Eks 17:2; Hu 95:9; Hu 106:14; Heb 3:16

Uhla 2
- *a* Hu 81:11
- *b* Num 26:63, 64; Num 32:11; Dut 1:35; Hu 95:11; Hu 106:26; Heb 3:18; Heb 4:3
- *c* Num 13:30; Num 26:65
- *d* Jos 14:9, 14
- *e* Num 13:29
- *f* Dut 1:40
- *g* Eks 16:28; Num 14:11
- *h* 1Ko 10:6, 10
- *i* Num 14:2; Num 26:64; Num 32:11; Dut 1:35
- *j* Hu 106:26; 1Ko 10:5; Heb 3:17
- *k* Num 1:45, 46; Jud 5
- *l* Eks 6:8
- *m* Num 26:65; Num 32:11, 12; Dut 1:34-38
- *n* Num 14:3; Dut 1:39
- *o* Hu 106:24
- *p* Num 32:13; Jos 14:10

mbu senu sokugcina.[a] **34** Ni-
yophendula ngamaphutha enu
iminyaka engu-40,[b] ngokwesi-
balo sezinsuku enahlola ngazo
izwe, izinsuku ezingu-40,[c] zo-
nke izinsuku onyakeni, ngoba
niyokwazi ukuthi kusho uku-
thini ukumelana nami.*

**35** "'"Mina Jehova ngikhu-
lumile. Yilokhu engizokwenza
kuyo yonke le nhlangano embi,
leyo eye yabuthana ndawo-
nye ngokumelene nami: Izo-
phelela kuleli hlane futhi izofe-
la lapha.[d] **36** Amadoda uMo-
se awathuma ukuba ayohlo-
la izwe nabangela ukuba yo-
nke inhlangano ibubule nga-
ye lapho eletha umbiko omubi
ngezwe,[e] **37** yebo, lawo ma-
doda aletha umbiko omubi
ngezwe, ayoshaywa afe phambi
kukaJehova.[f] **38** Kodwa uJo-
shuwa indodana kaNuni noKa-
lebi indodana kaJefune aba-
bephakathi kwalabo abahamba
bayohlola izwe, nakanjani ba-
yoqhubeka bephila."'"[g]

**39** Lapho uMose ekhuluma
la mazwi kuwo wonke ama-
Israyeli, abantu balila ka-
khulu. **40** Ngaphezu kwalo-
kho, bavuka ekuseni kakhu-
lu bazama ukukhuphukela esi-
qongweni sentaba, bathi:
"Yithi laba, sikulungele uku-
khuphukela endaweni uJeho-
va akhulume ngayo ngoba so-
nile."[h] **41** Kodwa uMose wa-
thi: "Kungani neqa umyalo
kaJehova? Lokhu ngeke ku-
phumelele. **42** Ningakhuphu-
ki ngoba uJehova akekho nga-
kini; izitha zenu zizoninqoba.[i]
**43** Ngoba ama-Amaleki nama-
Khanani alapho ukuze abheka-
ne nani[j] futhi nizowa ngenke-
mba. Ngenxa yokuthi niyekile
ukulandela uJehova, uJehova
ngeke abe nani."[a]

**44** Nokho, bagabadela ba-
khuphukela esiqongweni se-
ntaba,[b] kodwa uMose akaza-
nge asuke phakathi kwekamu
kanye nomphongolo wesivume-
lwano sikaJehova.[c] **45** Kwabe
sekwehla ama-Amaleki nama-
Khanani ayehlala kuleyo nta-
ba abashaya, abahlakaza kwa-
ze kwaba seHorma.[d]

**15** UJehova waqhubeka wa-
thi kuMose: **2** "Khulu-
ma nama-Israyeli, uthi kuwo,
'Lapho ekugcineni nifika ezwe-
ni engininika lona ukuba nihla-
le kulo[e] **3** bese nenza umni-
kelo oya kuJehova oshiswa
emlilweni, umnikelo ovela em-
hlanjini wezinkomo noma wezi-
mvu nezimbuzi—kungakhatha-
liseki ukuthi umnikelo oshi-
swayo[f] noma umhlatshelo wo-
kwenza isifungo esikhethekile
noma umnikelo wokuzithande-
la[g] noma umnikelo phakathi
nemikhosi yenu yezinkathi ezi-
thile,[h] ukuze nenzele uJehova
iphunga elimnandi*[i]— **4** lowo
oletha umnikelo wakhe kumele
futhi alethe kuJehova umhla-
tshelo wokudla okusanhlamvu
kafulawa ocolekile,[j] okweshu-
mi kwe-efa* okuxutshwe no-
kwesine kwehini# lamafutha.
**5** Kufanele unikele nangewayi-
ni libe umnikelo ophuzwayo,
okwesine kwehini, kanye no-
mnikelo oshiswayo[k] noma nom-
hlatshelo wewundlu ngalinye
leduna. **6** Noma uma kuyi-
nqama kufanele unikele umni-
kelo wokudla okusanhlamvu
oyizingxenye ezimbili eshumini

**ISAHL. 14**
a Dut 1:3, Dut 2:14
b Hu 95:10, IzE 7:36, IzE 13:18
c Num 13:25
d Num 14:29, Heb 3:17
e Num 13:32
f 1Ko 10:6, 10, Jud 5
g Num 14:30, Num 26:65, Num 32:11, 12, Dut 1:35, 36, Jos 14:6
h Dut 1:41
i Lev 26:14, 17, Dut 1:42
j Num 13:29

**Uhla 2**
a 2Kr 15:2
b Dut 1:43
c Num 10:33
d Num 21:1, 3, Dut 1:44

**ISAHL. 15**
e Gen 15:18
f Lev 1:2, 3
g Lev 7:16, Lev 22:18, 19, Lev 22:21
h Lev 23:4, Num 28:16, Num 29:1, Dut 16:13, 16
i Lev 1:9
j Eks 29:40, Lev 2:1, 11
k Num 28:6, 7, Num 28:11, 14

**14:34** *Noma, "ukuba ngibe isitha senu."

**15:3** *Noma, "elanelisayo; elizolisayo." NgesiHebheru, "elizolile." **15:4** *Okweshumi kwe-efa kwakulingana no-2,2 L. Bheka iSithasiselo B14. #Ihini lalilingana no-3,67 L. Bheka iSithasiselo B14.

ze-efa likafulawa ocolekile oxutshwe nengxenye yesithathu yehini lamafutha. **7** Kufanele ulethe newayini libe umnikelo ophuzwayo, ingxenye yesithathu yehini, njengephunga elimnandi* kuJehova.

**8** "'Kodwa uma kwenzeka unikela ngeduna lomhlambi wezinkomo libe umnikelo oshiswayo[a] noma umhlatshelo wokwenza isifungo esikhethekile[b] noma imihlatshelo ehlanganyelwayo kuJehova,[c] **9** kufanele futhi ulethe kanye nalelo duna lomhlambi wezinkomo umnikelo wokudla okusanhlamvu[d] oyizingxenye ezintathu eshumini ze-efa likafulawa ocolekile oxutshwe nohhafu wehini lamafutha. **10** Kufanele ulethe newayini libe umnikelo ophuzwayo,[e] uhhafu wehini, kube umnikelo oshiswa emlilweni njengephunga elimnandi* kuJehova. **11** Yilokhu okufanele kwenziwe ngenkunzi ngayinye noma ngenqama ngayinye noma ngewundlu ngalinye eliyiduna noma ngezimbuzi. **12** Kungakhathaliseki ukuthi kungaki eninikela ngakho, kufanele ninikele ufulawa oxutshwe namafutha nomnikelo ophuzwayo kanye nalowo mnikelo. **13** Yile ndlela wonke umuntu ongowokuzalwa kwa-Israyeli okufanele alethe ngayo umnikelo oshiswa emlilweni, njengephunga elimnandi* kuJehova.

**14** "'Uma isifiki esihlala nani noma umuntu obelokhu ephakathi kwenu ezizukulwaneni zenu eziningi naye kufanele enze umnikelo oshiswa emlilweni, njengephunga elimnandi* kuJehova, kufanele enze njengani.[a] **15** Nina eningabebandla nesifiki esihlala nani niyoba nomthetho owodwa. Kuyoba umthetho waphakade kuzo zonke izizukulwane zenu. Isifiki kufanele sifane nani phambi kukaJehova.[b] **16** Kufanele kube nomthetho owodwa nesinqumo sokwahlulela esisodwa kini nakoyisifiki ohlala nani.'"

**17** UJehova waqhubeka wathi kuMose: **18** "Khuluma nama-Israyeli, uthi kuwo, 'Lapho nifika ezweni enginiyisa kulo **19** futhi nidla noma yisiphi isinkwa* sezwe,[c] kufanele nenze umnikelo kuJehova. **20** Kufanele nenze umnikelo wokudla kwenu kokuqala[d] okumahhadlahhadla ube olofu bezinkwa abamise okwesongo. Kufanele niwunikele ngendlela eninikela ngayo umnikelo wesibuya.* **21** Omunye ufulawa wenu wokuqala kufanele niwunikele ube umnikelo oya kuJehova kuzo zonke izizukulwane zenu.

**22** "'Manje uma nenza iphutha nihluleka ukugcina yonke le miyalo uJehova ayikhulume kuMose, **23** konke lokho uJehova aniyala ngakho ngoMose kusukela osukwini uJehova ayala ngalo kuqhubekele ezizukulwaneni zenu, **24** futhi uma kwenziwa ngephutha, inhlangano ingazi, yonke inhlangano kufanele inikele ngethole leduna libe umnikelo oshiswayo oyiphunga elimnandi* kuJehova, kanye nomnikelo walo wokudla okusanhlamvu nomnikelo walo ophuzwayo ngokwenqubo evamile,[e] nangezinyane elilodwa lembuzi libe umnikelo wesono.[f] **25** Umpri-

**ISAHL. 15**
a Lev 1:3
b Lev 7:16
c Lev 3:1, 3; Lev 7:11
d Lev 6:14; Num 28:11, 12; Num 29:6
e Num 28:11, 14

**Uhla 2**
a Eks 12:49; Lev 24:22; Num 9:14
b Lev 19:34
c Jos 5:11, 12
d Eks 23:19; Lev 2:14; Num 18:8, 12; Dut 26:1, 2; IzA 3:9
e Num 15:8-10
f Num 28:15

---

**15:7, 10, 13, 14, 24** *Noma, "elanelisayo; elizolisayo." NgesiHebheru, "elizolile."

**15:19** *Noma, "ukudla." **15:20** *Indawo okubhulelwa kuyo ukudla okusanhlamvu."

sti uyokwenzela yonke inhla-
ngano yama-Israyeli isihlawule-
lo, iyothethelelwa[a] ngoba kwa-
kuyiphutha, futhi yaletha nje-
ngomnikelo wayo umnikelo
oshiswa emlilweni oya kuJe-
hova nomnikelo wayo weso-
no phambi kukaJehova ngenxa
yephutha layo. **26** Iyothethe-
lelwa yonke inhlangano yama-
Israyeli nesifiki esihlala phaka-
thi kwayo ngoba kwaba iphu-
tha labo bonke abantu.

**27** "'Uma kuba khona umu-
ntu* owona ngephutha, kume-
le alethe imbuzi yensikazi
engakawuqedi unyaka ibe
umnikelo wesono.[b] **28** Umpri-
sti uyomenzela isihlawulelo
umuntu owenze iphutha ngo-
kwenza isono engahlosile pha-
mbi kukaJehova, ukuze ame-
nzele isihlawulelo, athethele-
lwe.[c] **29** Ngokuphathelene
nowokuzalwa phakathi kwama-
Israyeli nesifiki esihlala pha-
kathi kwawo, kufanele kube
nomthetho owodwa kini ngo-
kuqondene nokwenza okuthile
ungahlosile.[d]

**30** "'Kodwa umuntu owenza
okuthile ngamabomu,[e] kunga-
khathaliseki ukuthi ungowoku-
zalwa noma uyisifiki, lowo
muntu uhlambalaza uJehova,
kumele abulawe.* **31** Ngenxa
yokuthi udelele izwi likaJehova
wephula nomyalo wakhe, lowo
muntu kufanele anqunywe na-
kanjani.[f] Isiphambeko sakhe si-
phezu kwakhe.'"[g]

**32** Ngesikhathi ama-Israye-
li esehlane, athola umuntu
etheza ngosuku lweSabatha.[h]
**33** Labo abamthola etheza ba-
mletha kuMose no-Aroni naku-
yo yonke inhlangano. **34** Ba-
mvalela[a] ngoba kwakungaka-
shiwo ukuthi yini okufanele ye-
nziwe kuye.

**35** UJehova wathi kuMose:
"Lowo muntu kufanele abula-
we nakanjani,[b] yonke inhlanga-
no kufanele imshaye ngama-
tshe ngaphandle kwekamu."[c]
**36** Ngakho yonke inhlangano
yamkhiphela ngaphandle kwe-
kamu, yamshaya ngamatshe
wafa, njengoba nje uJehova
ayemyalile uMose.

**37** UJehova waqhubeka
esho lokhu kuMose: **38** "Khu-
luma nama-Israyeli, uwatshele
ukuthi kumele azenzele inse-
phe emiphethweni yezingubo
zawo kuzo zonke izizukulwa-
ne zawo, futhi kufanele afa-
ke intambo eluhlaza okwesi-
bhakabhaka phezu komphetho
wengubo onensephe.[d] **39** 'Ku-
mele nibe nalo mphetho one-
nsephe ukuze niwubone bese
nikhumbula yonke imiyalo ka-
Jehova futhi niyigcine.[e] Aku-
mele nilandele izinhliziyo
zenu namehlo enu, okuniho-
lela ebufebeni obungokomoya.[f]
**40** Lokhu kuyonisiza ukuba ni-
khumbule futhi niyoyigcina yo-
nke imiyalo yami, nibe ngcwele
kuNkulunkulu wenu.[g] **41** Ngi-
nguJehova uNkulunkulu wenu,
onikhiphe ezweni laseGibhi-
the ukuze ngibe uNkulunkulu
wenu.[h] NginguJehova uNkulu-
nkulu wenu.'"[i]

**16** Ngemva kwalokho uKho-
ra[j] indodana ka-Izihari,[k]
indodana kaKohati,[l] indodana
kaLevi,[m] wasukuma, yena no-
Dathani no-Abhiramu amado-
dana ka-Eliyabe,[n] no-Oni indo-
dana kaPheleti, amadodana ka-
Rubeni.[o] **2** Basukuma bamela-
na noMose, bona kanye nama-
doda angu-250 angama-Israyeli,
izikhulu zenhlangano, abakhe-
thiwe bebandla, amadoda

ISAHL. 15
a Lev 4:20; Heb 2:17; 1Jo 2:1, 2
b Lev 4:27, 28
c Lev 4:32, 35
d Eks 12:49; Lev 24:22; Num 9:14; Num 15:15
e Eks 21:14; Dut 17:12; Heb 10:26, 27
f Heb 10:28
g Hez 18:20
h Eks 20:9, 10; Eks 35:2; Dut 5:13, 14

Uhla 2
a Lev 24:11, 12
b Eks 31:14
c Lev 24:14
d Dut 22:12; Mat 23:5
e Dut 11:18
f Eks 34:15
g Lev 11:44; Rom 12:1; 1Pe 1:15
h Gen 17:8; Eks 29:45; Lev 25:38
i Eks 3:15; Eks 6:2, 3

ISAHL. 16
j Jud 11
k Eks 6:21
l Eks 6:18
m Eks 6:16
n Num 26:7-9
o Gen 46:8

**15:27** *Noma, "umphefumulo." **15:30** *Noma, "anqunywe phakathi kwabantu bakubo."

avelele. **3** Ngakho baqoqana
ndawonye bamelana[a] noMose
no-Aroni bathi kubo: “Sesikha-
thele yini! Yonke inhlangano
ingcwele,[b] yonke ngothi lwayo,
futhi uJehova uphakathi kwa-
yo.[c] Pho kungani nina kufanele
niziphakamise ngaphezu kwe-
bandla likaJehova?”

**4** Lapho uMose ezwa lo-
khu wakhothama phansi em-
hlabathini ngaso leso sikhathi.
**5** Wabe esethi kuKhora naku-
bo bonke abamsekelayo: “Eku-
seni uJehova uzokwenza kwa-
ziwe ukuthi ubani ongowakhe[d]
nokuthi ubani ongcwele no-
kuthi ubani okufanele asonde-
le kuye,[e] noma ubani azomkhe-
tha[f] uzosondela kuye. **6** Ye-
nzani lokhu: Thathani imice-
ngezi yomlilo,[g] wena Khora
nabo bonke abakusekelayo,[h]
**7** nifake umlilo kuyo, nibeke
impepho phezu kwayo phambi
kukaJehova kusasa, futhi ku-
zothi umuntu uJehova azom-
khetha,[i] kube nguye ongcwe-
le. Kwanele lokhu esenikwenzi-
le nina madodana kaLevi!”[j]

**8** UMose wabe esethi ku-
Khora: “Ngicela nilalele, mado-
dana kaLevi. **9** Ingabe kubo-
nakala kuyinto encane kanga-
ko kini ukuthi uNkulunkulu ka-
Israyeli unihlukanisile phaka-
thi kwenhlangano ka-Israyeli,[k]
wanivumela ukuba nisondele
kuye ukuze nenze inkonzo ye-
tabernakele likaJehova noku-
ba nime phambi kwenhlanga-
no ukuze niyikhonze,[l] **10** no-
kuba anisondeze kuye nina
nabo bonke abafowenu, ama-
dodana kaLevi? Ingabe kume-
le nizame nokuthola ubupri-
sti?[m] **11** Ngenxa yalesi siza-
thu, wena nabo bonke abaku-
sekelayo abaqoqana ndawonye,
nimelana noJehova. Ngokuqo-
ndene no-Aroni, ungubani uku-
ba nize nibubule ngaye?”[a]

**12** Kamuva uMose wathu-
mela wabiza uDathani no-Abhi-
ramu,[b] amadodana ka-Eliya-
be, kodwa bathi: “Ngeke size!
**13** Ingabe kuyinto encane ka-
ngako ukuthi usikhiphe ezwe-
ni eligeleza ubisi noju uku-
ze uzosibulala ehlane?[c] Inga-
be manje sewufuna nokusibu-
sa ngokuphelele?* **14** Kuma-
nje nje, akukho zwe eligeleza
ubisi noju[d] osilethe kulo futhi
akukho masimu nazivini zama-
gilebhisi osinike kona njenge-
fa. Ingabe ufuna labo bantu
bakulandele njengezimpumpu-
the?* Ngeke size!”

**15** Ngakho uMose wathuku-
thela kakhulu, wathi kuJehova:
“Ungaphenduki ukuba ubheke
umnikelo wabo wokudla oku-
sanhlamvu. Angithathanga ngi-
sho neyodwa imbongolo kubo
futhi angizange ngilimaze ngi-
sho noyedwa kubo.”[e]

**16** UMose wabe esethi ku-
Khora: “Woza phambi kukaJe-
hova kusasa, wena nabo bo-
nke abakusekelayo, wena nabo
no-Aroni. **17** Ngamunye kufa-
nele athathe umcengezi wa-
khe womlilo, abeke impepho
phezu kwawo, ngamunye ale-
the umcengezi wakhe womli-
lo phambi kukaJehova, imice-
ngezi yomlilo engu-250, kanye
nawe no-Aroni, ngamunye kini
alethe umcengezi wakhe wo-
mlilo.” **18** Ngakho ngamunye
kubo wathatha umcengezi wa-
khe womlilo, babeka umlilo ne-
mpepho phezu kwayo base
bema emnyango wetende lo-
kuhlangana kanye noMose no-
Aroni. **19** Lapho uKhora ese-

---

**16:13** *Noma, “nokuzenza ingqongqo phezu kwethu?” **16:14** *NgesiHebheru, “Ngamehlo alabo bantu yini ofuna ukuwakopolota?”

**ISAHL. 16**
a Num 12:1, 2; Num 14:2; Hu 106:16
b Eks 19:6
c Eks 29:45
d 2Ti 2:19
e Eks 28:43; Lev 21:6
f Eks 28:1; Num 17:5; Hu 105:26
g Lev 10:1
h Num 16:2
i Num 3:10
j Num 16:1
k Num 3:9, 41
l Num 1:53; Num 3:6; Num 4:4; Dut 10:8
m Flp 2:3

**Uhla 2**
a Eks 16:8; Hu 106:16
b Num 16:1
c Eks 16:3; Num 14:28, 29
d Eks 3:8; Lev 20:24
e 1Sa 12:1, 3; IzE 20:33; 2Ko 7:2

qoqele ndawonye abamsekela-
yo,[a] bamelana nabo emnya-
ngo wetende lokuhlangana,
inkazimulo kaJehova yabona-
kala kuyo yonke inhlangano.[b]
**20** Manje uJehova wakhulu-
ma noMose no-Aroni, wathi:
**21** "Zihlukaniseni naleli qe-
mbu ukuze ngiliqothule ngo-
mzuzwana."[c] **22** Lapho bezwa
lokhu bakhothama phansi em-
hlabathini bathi: "O Nkulunku-
lu, Nkulunkulu wemimoya yabo
bonke abantu,[d] ingabe isono
somuntu oyedwa siyokwenza
uthukuthelele yonke inhlanga-
no?"[e]
**23** UJehova wathi kuMo-
se: **24** "Khuluma nenhlanga-
no, uthi kuyo, 'Sukani edu-
ze kwamatende kaKhora noDa-
thani no-Abhiramu!'"[f]
**25** Ngemva kwalokho uMo-
se wasuka waya kuDathani
no-Abhiramu, amadoda amada-
la[g] akwa-Israyeli ahamba naye.
**26** Wakhuluma nenhlangano,
wathi: "Ngicela nisuke emate-
ndeni alaba bantu ababi, ninga-
thinti lutho olungolwabo ukuze
ningakhukhulwa ngenxa yeso-
no sabo." **27** Basuka masinya-
ne ematendeni kaKhora, uDa-
thani no-Abhiramu, nhlangothi
zonke, futhi uDathani no-Abhi-
ramu baphuma, bama emnya-
ngo wamatende abo kanye no-
mkabo, amadodana abo nezi-
ngane zabo ezincane.
**28** UMose wathi: "Nizokwazi
ngalokhu ukuthi uJehova ungi-
thume ukuba ngenze zonke lezi
zinto, ukuthi akuveli enhlizi-
yweni yami:* **29** Uma laba ba-
ntu befa njengabo bonke aba-
ntu futhi uma isijeziso sabo si-
fana nesabo bonke abantu, ku-
sho ukuthi uJehova akangithu-
manga.[h] **30** Kodwa uma uJe-
hova enza into engavamile
kubo, kuvuleke umhlabathi
ubagwinye bona nakho konke
okungokwabo, behlele eThune-
ni* bephila, nakanjani nizokwa-
zi ukuthi la madoda adelele
uJehova."
**31** Ngokushesha nje la-
pho eqeda ukusho wonke
la mazwi, umhlabathi owa-
wungaphansi kwabo waqhe-
kezeka.[a] **32** Umhlaba wavule-
ka wabagwinya kanye nemi-
ndeni yabo nabo bonke abantu
ababengabakaKhora[b] nazo zo-
nke izimpahla zabo. **33** Nga-
kho bona nabo bonke ababe-
ngababo behlela eThuneni*
bephila, umhlaba wabambo-
za, bashabalala phakathi kwe-
bandla.[c] **34** Wonke ama-Isra-
yeli ayebazungezile abaleka la-
pho ezwa umsindo wokuklaba-
lasa kwabo, ngoba athi: "Si-
yesaba ukuthi umhlaba unga-
se usigwinye!" **35** Kwabe se-
kuphuma umlilo uvela kuJeho-
va[d] wawaqothula lawo madoda
angu-250 ayenikela impepho.[e]
**36** Ngemva kwalokho uJeho-
va wathi kuMose: **37** "Tshe-
la u-Eleyazare indodana ka-
Aroni umpristi ukuba akhi-
phe imicengezi yomlilo[f] emli-
lweni ngoba ingcwele. Umtshe-
le nokuthi asakaze umlilo la-
phaya. **38** Imicengezi yomli-
lo yala madoda afe ngenxa
yokona kwawo kufanele ye-
nziwe ibe izingcwecwe zensi-
mbi ezilula ezinanyekwe phe-
zu kwe-altare,[g] ngoba ayile-
tha phambi kukaJehova, yaba
ngcwele. Kufanele ibe upha-
wu kuma-Israyeli.'"[h] **39** Nga-
kho u-Eleyazare umpristi wa-
thatha le micengezi yomlilo
yethusi eyayilethwe yilabo

ISAHL. 16
*a* Num 16:2
*b* Num 12:5; Num 14:10
*c* Num 3:10, 38; Num 16:45
*d* Job 12:10; Shu 3:19; Shu 12:7
*e* Gen 18:23
*f* Num 16:1, 2
*g* Num 11:16
*h* Dut 18:21, 22

Uhla 2
*a* Num 26:10; Dut 11:6; Hu 106:17
*b* Eks 6:24; Num 26:11; 1Kr 6:31, 37
*c* Jud 11
*d* Lev 10:1, 2; Num 11:1
*e* Num 16:17; Num 26:10; Hu 106:18
*f* Num 16:6, 7
*g* Eks 38:1
*h* Num 16:5; Num 17:10

**16:28** *Noma, "akuveli kimi."

**16:30, 33** *Noma, "eShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

ababeshisiwe, yacangcathwa
kwananyekwa ngayo i-altare,
**40** njengoba nje uJehova aye-
khulumile kuye ngoMose. Kwa-
kuyisikhumbuzo kuma-Israye-
li sokuthi akukho muntu onga-
gunyaziwe* ongeyena owenza-
lo ka-Aroni okufanele asonde-
le ayoshunqisa impepho pha-
mbi kukaJehova,[a] nokuthi aku-
kho muntu okufanele afane no-
Khora nalabo abamsekelayo.[b]

**41** Kwathi nje ngosuku olu-
landelayo, yonke inhlangano
yama-Israyeli yaqala ukububu-
la ngoMose no-Aroni,[c] yathi:
"Nina nobabili nibulale aba-
ntu bakaJehova." **42** Lapho
inhlangano isiqoqene ndawo-
nye ngokumelene noMose no-
Aroni, yabe isiphendukela nga-
setendeni lokuhlangana, ifu la-
limboza, inkazimulo kaJehova
yaqala ukubonakala.[d]

**43** UMose no-Aroni baya
phambi kwetende lokuhlanga-
na,[e] **44** uJehova wathi kuMo-
se: **45** "Sukani nina phakathi
kwale nhlangano ukuze ngiyi-
qothule ngomzuzwana."[f] Lapho
bezwa lokho bakhothama pha-
nsi emhlabathini.[g] **46** UMose
wayesethi ku-Aroni: "Thatha
umcengezi womlilo ubeke
kuwo umlilo wase-altare,[h] ufa-
ke nempepho uphuthume uye
enhlanganweni uyoyenzela isi-
hlawulelo,[i] ngoba intukuthelo
kaJehova iyavutha. Inhlupho
isiqalile!" **47** U-Aroni wawu-
thatha ngaso leso sikhathi, nje-
ngoba nje uMose ayeshilo, wa-
gijima waya phakathi kweba-
ndla, bheka! inhlupho yayi-
siqalile phakathi kwabantu.
Ngakho wabeka impepho
emcengezini womlilo waqala
ukwenzela abantu isihlawu-
lelo. **48** Waqhubeka emi pha-
kathi kwabafileyo nabaphila-
yo, ekugcineni isishayo sanqa-
muka. **49** Abafa kuleso sisha-
yo babengu-14 700, ngaphandle
kwalabo abafa ngenxa kaKho-
ra. **50** Lapho ekugcineni u-
Aroni ebuyela kuMose emnya-
ngo wetende lokuhlangana, isi-
shayo sase sinqamukile.

**17** Manje uJehova wathi
kuMose: **2** "Khuluma
nama-Israyeli futhi uthathe
kuwo induku eyodwa yendlu
yoyise ngayinye, esikhulwi-
ni sendlu yoyise ngayinye,[a] izi-
nduku ezingu-12 sezizonke.
Ubhale igama lesikhulu ngasi-
nye endukwini yaso. **3** Kufa-
nele ubhale igama lika-Aroni
endukwini kaLevi ngoba ku-
nenduku eyodwa yenhloko ye-
ndlu yoyise ngayinye. **4** Kufa-
nele ubeke izinduku etendeni
lokuhlangana phambi koMpho-
ngolo wobuFakazi,[b] lapho ngi-
vame ukuzibonakalisa khona
kini.[c] **5** Induku yendoda engi-
zoyikhetha[d] iyohluma futhi ngi-
yokuqeda nya ukububula kwa-
ma-Israyeli,[e] abubula ngami na-
ngani."[f]

**6** Ngakho uMose wakhulu-
ma nama-Israyeli, zonke izi-
khulu zawo zamnika izindu-
ku—induku yesikhulu ngasinye
sendlu yoyise, izinduku ezingu-
12—induku ka-Aroni yayiphaka-
thi kwezinduku zazo. **7** Nge-
mva kwalokho uMose wabeka
lezi zinduku phambi kukaJeho-
va etendeni lobuFakazi.

**8** Ngosuku olulandelayo, la-
pho uMose engena etendeni lo-
buFakazi, induku ka-Aroni ye-
ndlu kaLevi yayihlumile futhi
iqhakaza izimbali ithela nama-
alimondi avuthiwe. **9** UMose
wabe esekhipha zonke izindu-
ku phambi kukaJehova wazi-
khiphela bonke abantu ba-
kwa-Israyeli. Bazibheka, yileyo

---

16:40 *NgesiHebheru, "akukho sihambi."

ISAHL. 16
a Num 3:10; Num 18:7; 2Kr 26:16-18
b Hu 106:17; Jud 11
c Num 14:2
d Eks 16:7; Num 14:10; Num 16:19
e Num 20:2, 6
f Eks 23:20, 21; 1Ko 10:6, 10
g Num 16:21, 22
h Lev 6:12
i Eks 34:9; Num 8:19

Uhla 2

ISAHL. 17
a Num 1:4, 16
b Eks 34:29
c Eks 25:22; Eks 30:36; Lev 16:2
d Num 16:5
e Num 11:1; Num 14:27; Num 16:11; 1Ko 10:6, 10
f Num 14:2; Num 16:13, 41

naleyo ndoda yathatha induku
yayo.
**10** UJehova wathi kuMo-
se: "Buyisela induku ka-Aroni[a]
phambi koMphongolo WobuFa-
kazi njengento okumele igci-
nwe ibe uphawu[b] kubantwana
abadlubulundayo,[c] ukuze ku-
phele ukububula kwabo ngami
futhi bangafi." **11** Ngokushe-
sha uMose wenza njengoba nje
uJehova ayemyalile. Wenza ka-
njalo nje.
**12** Ngemva kwalokho ama-
Israyeli athi kuMose: "Ma-
nje sizofa, nakanjani sizo-
shabalala, sonke sizoshabala-
la! **13** Noma ubani ozoke aso-
ndele etabernakele likaJehova
uzofa![d] Ingabe kumele sigcine
sife ngaleyo ndlela?"[e]

**18** UJehova wabe esethi ku-
Aroni: "Wena namado-
dana akho nendlu kayihlo ni-
yophendula nganoma yisiphi
isiphambeko sokona le ndlu
engcwele,[f] futhi wena namado-
dana akho niyophendula nga-
noma yisiphi isiphambeko so-
kona ubupristi benu.[g] **2** Uso-
ndeze nabafowenu besizwe sa-
kwaLevi, isizwe sokhokho ba-
kho, ukuze babe nawe baku-
khonze,[h] wena namadodana
akho, phambi kwetende lo-
buFakazi.[i] **3** Kufanele bagcine
isibopho sabo kuwe nakulo
lonke itende.[j] Nokho, akume-
le basondele ezintweni zenda-
wo engcwele nase-altare, uku-
ze kungafi muntu kini noma
kubo.[k] **4** Bazoba nawe, be-
nze nemisebenzi yabo ngoku-
phathelene netende lokuhla-
ngana nayo yonke inkonzo ye-
tende, futhi akukho muntu
ongagunyaziwe* ongasondela
kini.[a] **5** Kumele nenze umse-
benzi wenu endaweni engcwe-
le[b] nase-altare[c] ukuze intu-
kuthelo yami[d] ingabe isabe-
hlela abantu bakwa-Israyeli.
**6** Mina ngokwami ngithathe
abafowenu, amaLevi, phaka-
thi kwama-Israyeli baba isipho
kini.[e] Banikwe uJehova uku-
ze benze inkonzo yetende loku-
hlangana.[f] **7** Wena namado-
dana akho ninesibopho sokwe-
nza imisebenzi yenu yobupristi
ephathelene ne-altare nalokho
okungaphakathi kwekhethini,[g]
yinina okufanele nenze le nko-
nzo.[h] Ngininike inkonzo yobu-
pristi yaba isipho kini, noma yi-
muphi umuntu ongagunyazi-
we* osondelayo kufanele abu-
lawe."[i]
**8** UJehova waqhubeka ekhu-
luma no-Aroni ethi: "Mina ngo-
kwami ngikubeke ukuba ugcine
iminikelo eyenzelwa mina.[j] Ngi-
nike wena namadodana akho
ingxenye yazo zonke izinto
ezingcwele ezinikelwe ama-
Israyeli njengesabelo sapha-
kade.[k] **9** Lokhu kuyoba okwa-
kho eminikelweni engcwele-
ngcwele eshiswa emlilweni: yo-
nke iminikelo ayenzayo, kuhla-
nganise neminikelo yawo yoku-
dla okusanhlamvu[l] neminikelo
yawo yesono[m] neminikelo yawo
yecala[n] ayiletha kimi. Kuyinto
engcwelengcwele kuwe nase-
madodaneni akho. **10** Kufane-
le ukudlele endaweni engcwe-
lengcwele.[o] Wonke umuntu we-
silisa angakudla. Kuyoba yi-
nto engcwele kuwe.[p] **11** Nalo-
khu kungokwakho: izipho aba-
zinikela[q] kanye nayo yonke imi-
nikelo ezuliswayo[r] yama-Israye-
li. Ngikunike wena namadoda-
na akho namadodakazi akho
njengesabelo saphakade.[s] Wo-
nke umuntu ohlanzekile endlini
yakho angakudla.[t]

ISAHL. 17
a Heb 9:4
b Num 16:38
c Dut 9:7
Dut 31:27
d Num 1:51
Num 18:4, 7
e Num 16:49

ISAHL. 18
f Eks 25:8
Lev 21:10-12
g Eks 28:38
Lev 22:9
Num 18:23
h Num 3:6
Num 8:22
Num 16:9
i Num 1:53
j Num 3:25, 26
Num 3:30, 31
Num 3:36, 37
k Num 4:15, 20
Num 16:39, 40

Uhla 2
a Num 1:51
Num 3:10
b Lev 24:2, 3
Num 3:32
c Eks 30:7
d Num 16:46
e Num 3:9, 12
Num 8:15, 16
f Num 8:19
g Lev 16:2, 12
Heb 9:3, 7
h 1Sa 2:28
Heb 5:4
i Num 3:10
Num 16:39, 40
j Eks 23:19
Lev 27:28, 30
Num 18:11, 26
k Lev 7:34
Num 5:9
l Lev 2:3
m Lev 5:11, 12
Lev 6:25, 26
n Lev 7:1, 7
o Eks 29:32
Lev 6:14, 16
Lev 10:12, 13
p Lev 6:18
Lev 7:1, 6
Lev 14:13
Lev 21:22
q Num 15:20
Hez 44:30
r Eks 29:27
Lev 7:34
s Lev 10:14
Dut 18:3
t Lev 22:4-6

---

**18:4, 7** *NgesiHebheru, "oyisihambi," okuwukuthi, umuntu ongeyena owomndeni ka-Aroni.

**12** “Konke okuhle kunakho konke kwamafutha nakho konke okuhle kunakho konke kwewayini elisha nokudla okusanhlamvu, okokuqala kulezi zinto,[a] akunika uJehova, ngikunika wena.[b] **13** Izithelo zokuqala ezivuthiwe zakho konke okusezweni lawo, ayoziletha kuJehova, ziyoba ezakho.[c] Wonke umuntu ohlanzekile endlini yakho angazidla.

**14** “Yonke into enikelwe* kwa-Israyeli kufanele ibe ngeyakho.[d]

**15** “Wonke amazibulo ayo yonke into ephilayo[e] ayowaletha kuJehova, kungakhathaliseki ukuthi umuntu noma isilwane, kufanele abe ngawakho. Nokho, kufanele nakanjani uwahlenge amazibulo abantu,[f] namazibulo ezilwane ezingcolile kufanele uwahlenge.[g] **16** Kufanele uwahlenge ngenani lokuhlenga lapho esenenyanga eyodwa ubudala kuya phezulu, ngenani elilinganisiwe lamashekeli* amahlanu esiliva,[h] ngokweshekeli elivamile lendawo engcwele.# Lingamagera△ angu-20. **17** Yizibulo lenkomo eyiduna noma izibulo lemvu eyiduna noma lembuzi kuphela okungafanele ulihlenge.[i] Ayinto engcwele. Kufanele ufafaze igazi lawo e-altare,[j] futhi amanoni awo kufanele uwashunqise njengomnikelo oshiswa emlilweni ube iphunga elimnandi* kuJehova.[k]

**18** Inyama yawo kufanele ibe ngeyakho. Njengesifuba somnikelo ozuliswayo nanjengomlenze wesokudla, kufanele kube okwakho.[a] **19** Yonke iminikelo engcwele ama-Israyeli ayoyinikela kuJehova,[b] ngiyinike wena namadodana akho namadodakazi akho, njengesabelo saphakade.[c] Kuyisivumelwano sikasawoti* saphakade phambi kukaJehova kuwe nasenzalweni yakho.”

**20** UJehova waqhubeka wathi ku-Aroni: “Ngeke ube nefa ezweni lawo, akukho ngxenye yezwe phakathi kwawo eyoba eyakho.[d] Yimi isabelo sakho nefa lakho phakathi kwama-Israyeli.[e]

**21** “Manje bheka nginike amadodana kaLevi konke okweshumi[f] kwa-Israyeli njengefa kube imbuyiselo yenkonzo ayenzayo, inkonzo yetende lokuhlangana. **22** Abantu bakwa-Israyeli akusafanele baphinde basondele etendeni lokuhlangana, uma kungenjalo bayoba nesono bese befa. **23** AmaLevi ngokwawo kufanele enze inkonzo yetende lokuhlangana futhi yiwo ayophendula ngesiphambeko sawo.[g] Kuwumthetho waphakade kuzo zonke izizukulwane zenu ukuthi akufanele athathe ifa phakathi kwama-Israyeli.[h] **24** Ngoba nginike amaLevi okweshumi okunikelwe ama-Israyeli njengefa, ayokunikela kuJehova. Yingakho ngithe kuwo, ‘Phakathi kwama-Israyeli akufanele athathe ifa.’”[i]

**25** UJehova wabe esethi ku-Mose: **26** “Kufanele usho lokhu kumaLevi, ‘Nizokwamukela kuma-Israyeli okweshumi

---

**18:14** *Okuwukuthi, yonke into eyenziwe ngcwele kuNkulunkulu, enikelwe kuNkulunkulu ngokungaguquki nengenakubuyiswa. **18:16** *Ishekeli lalilingana no-11,4 g. Bheka iSithasiselo B14. #Noma, “ngokweshekeli elingcwele.” △Igera lalilingana no-0,57 g. Bheka iSithasiselo B14. **18:17** *Noma, “elanelisayo; elizolisayo.” NgesiHebheru, “elizolile.”

**18:19** *Okuwukuthi, isivumelwano saphakade esingenakushintsha.

---

**ISAHL. 18**

a IzA 3:9
b Lev 2:14; Dut 18:4
c Eks 23:19
d Lev 27:21, 28
e Eks 13:2; Lev 27:26; Num 3:13
f Eks 13:13
g Eks 34:20; Lev 27:27
h Lev 27:6
i Eks 22:30; Dut 15:19
j Lev 17:11
k Lev 3:16

**Uhla 2**

a Eks 29:26; Lev 7:31, 34
b Eks 23:19; Num 15:18, 19; Num 18:11, 26; Num 31:28, 29
c 2Kr 31:4
d Num 26:62, 63; Dut 10:9; Dut 14:27; Jos 14:3
e Dut 18:1, 2; Jos 18:7; Hez 44:28
f Lev 27:30; Neh 10:37; Neh 12:44; Heb 7:5
g Num 3:6, 7; Num 18:1
h Jos 13:33
i Dut 10:9

engininike kona kuvela kuwo
njengefa lenu,[a] futhi kukho
kufanele ninikele okweshu-
mi kwalokho kweshumi kube
umnikelo oya kuJehova.[b]
**27** Kuzobhekwa njengomnike-
lo wenu, njengokungathi uku-
dla okusanhlamvu kwesibuya[c]
noma umkhiqizo ogcwele wesi-
khamo sewayini noma samafu-
tha. **28** Ngale ndlela nani ni-
yonikela umnikelo oya kuJeho-
va ovela kukho konke okwe-
shumi enikwamukela kuma-
Israyeli, futhi kukho kufanele
ninike u-Aroni umpristi umni-
kelo oya kuJehova. **29** Niyo-
nikela kuJehova zonke izinhlo-
bo zomnikelo, kuzo zonke izi-
pho ezinhle kunazo zonke eni-
nikwe zona,[d] zibe into engcwe-
le.’

**30** “Kumele uthi kuwo, ‘La-
pho ninikela ngokuhle ku-
nakho konke kwawo, kuma-
Levi kuyobhekwa njengomkhi-
qizo wesibuya nanjengomkhi-
qizo wesikhamo sewayini
noma samafutha. **31** Nina na-
bendlu yenu ningawudlela no-
maphi ngoba kuyinkokhelo
yenu njengembuyiselo yenko-
nzo yenu etendeni lokuhla-
ngana.[e] **32** Ngeke nibe neso-
no ngenxa yawo uma nje nini-
kela ngokuhle kunakho konke
kwawo, futhi akumele ningcoli-
se izinto ezingcwele zama-Isra-
yeli ukuze ningafi.’”[f]

**19** UJehova waphinde wa-
khuluma noMose no-Aro-
ni, wathi: **2** “Nawu umthe-
tho uJehova awushilo, ‘Tshe-
la ama-Israyeli ukuthi kufanele
akuthathele inkomazi ephi-
le kahle, ebomvu, engena-
sici[g] nengakaze ithweswe ijoka.
**3** Kufanele niyinike u-Eleya-
zare umpristi, ayiholele nga-
phandle kwekamu, ihlatshwe
phambi kwakhe. **4** U-Eleyaza-
re umpristi uyogcobhoza umu-
nwe wakhe egazini layo ali-
fafaze kasikhombisa aliqondi-
se ngqo phambi kwetende lo-
kuhlangana.[a] **5** Inkomazi iyo-
shiswa phambi kwakhe. Isi-
khumba sayo nenyama yayo
negazi layo kanye nomswa-
ni wayo kuyoshiswa.[b] **6** Um-
pristi uyothatha ukhuni lomse-
dari, ihisopi[c] nendwangu ebo-
mvu akuphonse emlilweni la-
pho kushiselwa khona inkoma-
zi. **7** Umpristi uyowasha izi-
ngubo zakhe ageze ngamanzi,
ngemva kwalokho angangena
ekamu; kodwa uyoba ongcolile
kuze kube kusihlwa.

**8** “‘Lowo oshise inkomazi
uyowasha izingubo zakhe ema-
nzini, ageze ngamanzi, abe
ongcolile kuze kube kusihlwa.

**9** “‘Umuntu ohlanzekile uyo-
butha umlotha wenkomazi[d]
awubeke ngaphandle kwekamu
endaweni ehlanzekile, kufane-
le ugcinwe yinhlangano yama-
Israyeli iwusebenzise emanzini
okuhlanza.[e] Kungumnikelo we-
sono. **10** Lowo obutha umlo-
tha wenkomazi uyowasha izi-
ngubo zakhe abe ongcolile
kuze kube kusihlwa.

“‘Lokhu kuyoba umthetho
waphakade kuma-Israyeli nesi-
fiki esihlala phakathi kwawo.[f]
**11** Noma ubani othinta isidu-
mbu sanoma yimuphi umuntu
uyoba ongcolile izinsuku eziyi-
sikhombisa.[g] **12** Lowo muntu
kufanele azihlanze ngamanzi
ngosuku lwesithathu, ngosu-
ku lwesikhombisa uyoba ohla-
nzekile. Kodwa uma engazihla-
nzi ngosuku lwesithathu, ngo-
suku lwesikhombisa ngeke abe
ohlanzekile. **13** Wonke umu-
ntu othinta isidumbu sanoma
yimuphi umuntu kodwa anga-
zihlanzi, ungcolise itabernake-
le likaJehova,[h] lowo muntu

ISAHL. 18
a Num 18:21; Dut 12:19
b Neh 10:38
c Num 15:20
d Num 18:8, 12
e 1Ko 9:13
f Lev 22:2, 15

ISAHL. 19
g Lev 22:20; Mal 1:14

Uhla 2
a Heb 9:13, 14
b Lev 4:11, 12
c Hu 51:7
d Heb 9:13, 14
e Num 19:13, 21
f Eks 12:49; Lev 24:22; Num 15:15
g Lev 21:1, 11; Num 5:2; Num 6:9; Num 9:6; Num 31:19
h Lev 15:31

kumele abulawe* kwa-Israyeli.[a]
Ngenxa yokuthi akazange afa-
fazwe ngamanzi okuhlanza,[b]
uyaqhubeka engcolile. Usalo-
khu engcolile.

**14** "'Lona umthetho osebe-
nza lapho umuntu efela ete-
ndeni: Wonke umuntu ongena
kulelo tende nawo wonke
umuntu obekade ekulelo te-
nde, uyoba ongcolile izinsu-
ku eziyisikhombisa. **15** Zonke
izitsha ezivulekile okungabo-
shelwanga zivalo kuzo, zingco-
lile.[c] **16** Wonke umuntu ose-
ndle othinta umuntu obula-
we ngenkemba noma isidumbu
noma ithambo lomuntu noma
ithuna uyoba ongcolile izinsu-
ku eziyisikhombisa.[d] **17** Kufa-
nele bathathele umuntu ongco-
lile umlotha womnikelo weso-
no owashiswa, bathele ama-
nzi agelezayo phezu kwawo esi-
tsheni. **18** Umuntu ohlanzeki-
le[e] uyothatha ihisopi[f] aligco-
bhoze kulawo manzi awafafa-
ze phezu kwetende naphezu
kwazo zonke izitsha nakuba-
ntu* abebelapho nakulowo
othinte ithambo noma obulewe
noma isidumbu noma ithuna.
**19** Umuntu ohlanzekile uyowa-
fafaza kulowo ongcolile ngo-
suku lwesithathu nangosuku
lwesikhombisa, amhlanze eso-
nweni ngosuku lwesikhombi-
sa;[g] ngemva kwalokho kufane-
le awashe izingubo zakhe age-
ze ngamanzi, uyoba ohlanzeki-
le kusihlwa.

**20** "'Kodwa umuntu ongcoli-
le futhi ongeke azihlanze, lowo
muntu kumele abulawe* pha-
kathi kwebandla[h] ngoba ungco-
lise indlu engcwele kaJehova.
Akazange afafazwe ngamanzi
okuhlanza, ngakho ungcolile.

**21** "'Lokhu kuyoba umthe-
tho waphakade kuwo: Lowo
ofafaza amanzi okuhlanza[a] ku-
fanele awashe izingubo zakhe,
futhi lowo othinta amanzi oku-
hlanza uyoba ongcolile kuze
kube kusihlwa. **22** Noma yini
ethintwa yilowo ongcolile iyo-
ba engcolile, nomuntu* oyi-
thintayo uyoba ongcolile kuze
kube kusihlwa.'"[b]

**20** Ngenyanga yokuqala, yo-
nke inhlangano yama-
Israyeli yafika ehlane laseZini,
abantu baqala ukuhlala eKade-
shi.[c] Yilapho uMiriyamu[d] afela
khona wangcwatshelwa khona.

**2** Manje kwakungekho ma-
nzi ayengasetshenziswa inhla-
ngano,[e] ngakho yaqoqana nda-
wonye yamelana noMose no-
Aroni. **3** Abantu babexabana
noMose[f] bethi: "Ukube safa
ngesikhathi kufa abafowethu
phambi kukaJehova! **4** Nilile-
theleni ibandla likaJehova ku-
leli hlane ukuba sifele lapha
thina nemfuyo yethu?[g] **5** Nisi-
holeleni nasikhipha eGibhi-
the ukuze nisilethe kule nda-
wo embi?[h] Akuyona indawo ye-
mbewu namakhiwane nemivi-
ni namahalananda, awekho na-
manzi okuphuza."[i] **6** UMose
no-Aroni baphuma phambi
kwebandla baya emnyango we-
tende lokuhlangana bakhotha-
ma phansi emhlabathini, inka-
zimulo kaJehova yaqala uku-
bonakala kubo.[j]

**7** UJehova wathi kuMo-
se: **8** "Thatha induku ubize-
le inhlangano ndawonye, wena
no-Aroni umfowenu, nikhu-
lume nedwala phambi kwa-
yo ukuba likhiphe amanzi alo,
uzobakhiphela amanzi edwale-
ni uphuzise[k] inhlangano ne-
mfuyo yayo."

---

**19:13, 20** *Noma, "anqunywe." **19:18** *Noma, "nasemiphefumulweni."

**19:22** *Noma, "nomphefumulo."

**ISAHL. 19**
a Lev 22:3; Heb 10:28
b Num 19:9
c Lev 11:31, 32
d Num 19:11; Num 31:19
e Num 19:9
f Hu 51:7
g Lev 14:9; Num 19:12; Num 31:19
h Num 19:13

**Uhla 2**
a Num 19:18; Heb 9:9, 10; Heb 9:13, 14
b Lev 15:4, 5

**ISAHL. 20**
c Num 13:26; Num 20:22; Num 33:36; Dut 2:14
d Eks 15:20; Num 26:59; Mik 6:4
e Eks 17:1
f Eks 17:2
g Eks 14:11; Eks 17:3; Num 16:13, 14; Num 21:5
h Dut 8:14, 15
i Dut 8:7, 8
j Eks 16:10; Num 14:10
k Eks 17:5, 6; Hu 78:15; Hu 105:41; Hu 114:8; Isay 48:21

**9** Ngakho uMose wayitha-
tha induku phambi kukaJeho-
va,[a] njengoba nje ayemyalile.
**10** Ngemva kwalokho uMose
no-Aroni babizela ibandla nda-
wonye phambi kwedwala, wa-
yesethi kulo: "Lalelani lana
nina zidlubulundi! Ingabe ku-
mele sinikhiphele amanzi ku-
leli dwala?"[b] **11** UMose wabe
esephakamisa isandla sakhe
washaya idwala kabili ngendu-
ku yakhe, kwaqala ukuphuma
amanzi amaningi, inhlangano
yaphuza[c] kanye nemfuyo yayo.
**12** Kamuva uJehova wathi
kuMose no-Aroni: "Ngenxa yo-
kuthi anizange nibonise ukho-
lo kimi ningingcwelise pha-
mbi kwabantu bakwa-Israye-
li, ngeke nilingenise leli ba-
ndla ezweni engiyolinika
lona."[d] **13** Lawa amanzi ase-
Meriba,*[e] lapho ama-Israyeli
axabana khona noJehova, wa-
ngcweliswa phakathi kwawo.
**14** Ngemva kwalokho uMo-
se wathuma izithunywa bese-
Kadeshi ukuba ziye enkosini
yakwa-Edomi,[f] wathi: "Yilokhu
okushiwo umfowenu u-Israye-
li,[g] 'Ubazi kahle bonke ubu-
nzima esidlule kubo. **15** Oba-
ba baya eGibhithe,[h] sahlala
eGibhithe iminyaka* emini-
ngi,[i] abaseGibhithe basiphatha
kabi thina nobaba.[j] **16** Eku-
gcineni sakhala kuJehova,[k]
wasizwa, wathumela ingelo-
si[l] wasikhipha eGibhithe, ma-
nje silapha eKadeshi, idolobha
elisemngceleni wendawo ya-
kho. **17** Sicela usivumele si-
nqamule ezweni lakho. Ngeke
sinqamule kunoma iyiphi insi-
mu noma isivini, futhi nge-
ke siwaphuze amanzi kuno-
ma yimuphi umthombo. Si-
zohamba ngoMgwaqo Wenkosi
singaphambukeli kwesokudla
noma kwesobunxele, size sidlu-
le endaweni yakho.'"[a]
**18** Nokho, u-Edomi wathi ku-
ye: "Unganqamuli endaweni ye-
thu. Uma unqamula, ngizophu-
ma ngikuhlangabeze ngenke-
mba." **19** Ama-Israyeli wona
athi kuye: "Sizonyuka ngom-
gwaqo omkhulu, uma thina ne-
mfuyo yethu siphuza amanzi
akho, sizowakhokhela.[b] Asifuni
lutho ngaphandle kokunqamula
ngezinyawo zethu."[c] **20** Noma
kunjalo wathi: "Unganqamu-
li."[d] U-Edomi waphuma nabantu
abaningi nebutho* elinamandla
ukuze ayolwa naye. **21** U-Edo-
mi wenqaba ukuvumela u-Isra-
yeli ukuba anqamule endaweni
yakhe; ngakho u-Israyeli wasu-
ka kuye.[e]
**22** Abantu bakwa-Israyeli,
yonke inhlangano, basuka eKa-
deshi bafika eNtabeni iHo-
ri.[f] **23** UJehova wathi kuMo-
se no-Aroni eNtabeni iHo-
ri ngasemngceleni wezwe la-
kwa-Edomi: **24** "U-Aroni uzo-
fa angcwatshwe njengoba kwa-
ngcwatshwa abantu bakubo.*[g]
Ngeke angene ezweni engizo-
linika ama-Israyeli ngoba no-
babili nadlubulunda emyalweni
wami ophathelene namanzi
aseMeriba.[h] **25** Thatha u-Aro-
ni nendodana yakhe u-Eleya-
zare ukhuphukele nabo eNta-
beni iHori. **26** Khumula u-
Aroni izingubo zakhe,[i] uzigqo-
kise u-Eleyazare[j] indodana ya-
khe, u-Aroni uzofela lapho."*
**27** Ngakho uMose wenza
njengoba nje uJehova aye-
myalile, bakhuphuka iNtaba
iHori phambi kwayo yonke

**ISAHL. 20**
a Eks 7:12, 19; Num 17:10
b Hu 106:32, 33
c 1Ko 10:1, 4
d Num 27:12-14; Dut 1:37; Dut 3:26; Dut 32:51, 52; Dut 34:4; Jos 1:2
e Hu 106:32, 33
f Hlu 11:17
g Gen 36:8; Dut 2:4; Dut 23:7
h Gen 46:6
i Gen 15:13; Eks 12:40
j Eks 1:11, 14
k Eks 2:23; Eks 3:7
l Eks 14:19; Eks 23:20; Eks 33:2

**Uhla 2**
a Num 21:21, 22; Dut 2:26, 27
b Dut 2:5, 6
c Dut 2:26, 28
d Hlu 11:17
e Dut 2:8; Hlu 11:18
f Num 21:4; Num 33:37
g Num 33:38; Dut 32:50
h Num 20:12; Dut 32:51, 52
i Eks 28:2; Eks 29:29
j Eks 6:23; Num 4:16

**20:13** *Incazelo: "Ukuxabana." **20:15** *NgesiHebheru, "izinsuku."
**20:20** *NgesiHebheru, "nesandla." **20:24** *Lena inkulumo esankondlo emayelana nokufa. **20:26** *NgesiHebheru, "uzobuthwa afele lapho."

inhlangano. **28** UMose wabe esekhumula u-Aroni izingubo zakhe wazigqokisa u-Eleyazare indodana yakhe. Ngemva kwalokho u-Aroni wafela lapho esiqongweni sentaba.[a] UMose no-Eleyazare behla entabeni. **29** Lapho yonke inhlangano ibona ukuthi u-Aroni wayesefile, yonke indlu ka-Israyeli yamlilela u-Aroni izinsuku ezingu-30.[b]

**21** Lapho inkosi yase-Aradi[c] engumKhanani, eyayihlala eNegebhi, izwa ukuthi u-Israyeli wayeze ngendlela yase-Atarimi, yahlasela u-Israyeli yathumba abanye kubo. **2** Ngakho u-Israyeli wenza lesi sifungo kuJehova: "Uma unikela lesi sizwe esandleni sami, nakanjani nami ngizowabhubhisa amadolobha aso." **3** Ngakho uJehova walilalela izwi lika-Israyeli wawanikela amaKhanani kuye, ama-Israyeli awabhubhisa wona namadolobha awo. Ngakho aqamba leyo ndawo ngokuthi iHorma.*[d]

**4** Njengoba babeqhubeka nohambo lwabo olusuka eNtabeni iHori[e] ngendlela yasoLwandle Olubomvu ukuze bazungeze izwe lakwa-Edomi,[f] abantu bakhathala ngenxa yendlela. **5** Abantu babelokhu bekhuluma kabi ngoNkulunkulu nangoMose,[g] bethi: "Nisikhipheleni eGibhithe ukuze sizofela ehlane? Akukho kudla namanzi[h] futhi thina sesiyasizonda* lesi sinkwa esidelelekile."[i] **6** Ngakho uJehova wathumela izinyoka ezinesihlungu* phakathi kwabantu, futhi zazilokhu zibaluma, kangangokuba ama-Israyeli amaningi afa.[j]

**21:3** *Incazelo: "Ukunikela Ekubhujisweni." **21:5** *Noma, "sesiyasenyanya." **21:6** *Noma, "ezinjengomlilo."

ISAHL. 20
a Num 33:39; Dut 10:6; Dut 32:50
b Dut 34:8

ISAHL. 21
c Num 33:40; Jos 12:7, 14
d Num 14:45
e Num 33:41
f Num 20:21; Dut 2:8; Hlu 11:18
g Eks 14:11; Eks 15:24; Num 16:13
h Num 20:5
i Eks 16:15; Num 11:6; Hu 78:24, 25
j 1Ko 10:6, 9

Uhla 2
a Hu 78:34
b Eks 32:11
c 2Kh 18:1, 4
d Joh 3:14, 15
e Joh 6:40
f Num 33:43
g Num 33:44
h Dut 2:13
i Num 22:36; Hlu 11:18

**7** Ngakho abantu beza kuMose bathi: "Sonile ngokukhuluma kabi ngoJehova nangawe.[a] Sincengele kuJehova ukuze asuse lezi zinyoka kithi." UMose wabancengela abantu.[b] **8** Ngakho uJehova wathi kuMose: "Yenza umfanekiso wenyoka enesihlungu* uwubeke esigxotsheni. Kuyothi lapho noma ubani elunyiwe, kudingeke awubuke ukuze aqhubeke ephila." **9** Khona manjalo uMose wenza inyoka yethusi[c] wayibeka esigxotsheni,[d] noma nini lapho inyoka ilume umuntu bese ebuka inyoka yethusi, wayesinda.[e]

**10** Ngemva kwalokho ama-Israyeli asuka amisa amatende e-Oboti.[f] **11** Abe esesuka e-Oboti amisa amatende e-Iye-abarimi,[g] ehlane elibheke kuMowabi, ngasempumalanga. **12** Asuka lapho amisa amatende ngaseSigodini* SaseZeredi.[h] **13** Asuka lapho amisa amatende esifundeni sase-Arinoni,[i] esisehlane elisukela emngceleni wama-Amori, ngoba i-Arinoni liwumngcele kaMowabi, phakathi kukaMowabi nama-Amori. **14** Yingakho incwadi yeziMpi ZikaJehova ikhuluma "ngeVahebi eseSufa nangezigodi* zase-Arinoni, **15** nangendawo eyehlelayo* yezigodi,# eze iyofika endaweni yase-Ari futhi encikene nomngcele kaMowabi."

**16** Ngokulandelayo baya eBheri. Lona umthombo uJehova akhuluma ngawo kuMose wathi: "Qoqa abantu, ngibanike amanzi."

**21:8** *Noma, "enjengomlilo." **21:12** *Noma, "ngaseMhosheni." **21:14** *Noma, "nangemihosha." **21:15** *NgesiHebheru, "nangesizalo." #Noma, "yemihosha."

**17** Ngaleso sikhathi u-Isra-
yeli wacula le ngoma:

"O mthombo, phethuka!
—Sabelani* kuwo!
**18** Umthombo owambiwa izi-
khulu, wagujwa izicuku-
thwane,
Ngobhoko lomyali nangezi-
nduku zabo."

Abe esesuka ehlane aqhu-
bekela eMathana, **19** asuka
eMathana aqhubekela eNahali-
yeli, asuka eNahaliyeli aqhu-
bekela eBhamoti.[a] **20** Asuka
eBhamoti aqhubekela esigodi-
ni esisendaweni* yakwaMo-
wabi,[b] esiqongweni sePhisiga,[c]
esibheke eJeshimoni.#[d]
**21** U-Israyeli wathumela izi-
thunywa kuSihoni, inkosi
yama-Amori, wathi:[e] **22** "Si-
vumele sidabule ezweni lakho.
Ngeke siphambukele ensimini
noma esivinini. Akukho mtho-
mbo esizophuza kuwo amanzi.
Sizohamba ngoMgwaqo We-
nkosi size sidlule endaweni ya-
kho."[f] **23** Kodwa uSihoni aka-
mvumelanga u-Israyeli ukuba
adabule endaweni yakhe. Ku-
nalokho waqoqa bonke aba-
ntu bakhe waphuma wayome-
lana no-Israyeli ehlane, wafi-
ka eJahazi waqala ukulwa
no-Israyeli.[g] **24** Kodwa u-Isra-
yeli wamnqoba ngenkemba[h]
walidla izwe lakhe[i] kusuke-
la e-Arinoni[j] kwaze kwaba se-
Jabhoki,[k] eduze kwama-Amoni,
ngoba iJazeri[l] liwumngcele we-
ndawo yama-Amoni.[m]
**25** Ngakho u-Israyeli wawa-
thatha wonke la madolobha,
waqala ukuhlala kuwo wonke
amadolobha ama-Amori[n] eHe-
shibhoni nakuzo zonke izi-
ndawo ezingaphansi kwalo.*

**21:17** *Noma, "Hlabelelani." **21:20** *NgesiHebheru, "esisehlane." #Noma kungaba, "ogwadule; ehlane." **21:25** *Noma, "eziwazungezile."

**26** Ngoba iHeshibhoni kwaku-
yidolobha likaSihoni, inkosi
yama-Amori, owalwa nenkosi
yakwaMowabi wathatha lonke
izwe layo kuyo kuze kufike
e-Arinoni. **27** Yilokho okwe-
nza kwaba khona isaga sokwe-
delela esithi:

"Woza eHeshibhoni.
Idolobha likaSihoni mala-
khiwe futhi limiswe li-
qine.
**28** Ngoba kuphume umlilo
eHeshibhoni, ilangabi
edolobhaneni likaSihoni.
Udle i-Ari lakwaMowabi,
amakhosi ezindawo ezi-
phakeme zase-Arinoni.
**29** Maye kuwe, Mowabi! Niyo-
qothulwa, bantu bakaKe-
moshi![a]
Wenza amadodana akhe
abe ababaleki namadoda-
kazi akhe abe izithunjwa
zikaSihoni, inkosi yama-
Amori.
**30** Masibacibishele;
IHeshibhoni lizoqothulwa
kuze kube seDiboni;[b]
Masilicoboshise kuze kube
seNofa;
Umlilo uzobhebhetheka
kuze kube seMedeba."[c]

**31** Ngakho u-Israyeli waqala
ukuhlala ezweni lama-Amori.
**32** UMose wabe esethumela
amadoda athile ukuba ayohlo-
la iJazeri.[d] Athumba izindawo
ezingaphansi kwalo* axosha
ama-Amori ayelapho. **33** Nge-
mva kwalokho baphenduka
bakhuphuka ngeNdlela Yase-
Bhashani. U-Ogi,[e] inkosi yase-
Bhashani, waphuma nabo bo-
nke abantu bakhe waya kubo
empini e-Edireyi.[f] **34** UJeho-
va wathi kuMose: "Ungamesa-
bi,[g] ngoba ngizomnikela kuwe

**21:32** *Noma, "ezilizungezile."

ISAHL. 21
a Jos 13:15, 17
b Num 33:49
c Dut 3:27
Dut 34:1
d Num 23:28
e Dut 2:26-28
f Num 20:14, 17
g Dut 2:30-35
Dut 29:7
Hlu 11:19, 20
h Hu 135:10, 11
i Num 32:33
Neh 9:22
j Num 21:13
Dut 3:16
k Hlu 11:21, 22
l Num 32:1
1Kr 6:77, 81
m Jos 12:1, 2
n Gen 10:15, 16
Gen 15:16
Eks 3:8
Dut 7:1

Uhla 2
a Hlu 11:23, 24
1Kh 11:7
2Kh 23:13
b Jos 13:15, 17
c Jos 13:8, 9
d Num 32:1
e Dut 3:11
Dut 4:47
Jos 13:8, 12
f Dut 3:1
Dut 3:8, 10
g Dut 20:3

yena nabo bonke abantu ba-
khe nezwe lakhe,[a] wenze kuye
njengoba nje wenzile kuSihoni,
inkosi yama-Amori, owayehlala
eHeshibhoni."[b] **35** Ngakho ba-
belokhu bebabulala yena na-
madodana akhe nabo bonke
abantu bakhe, kwaze kwa-
ngasala ngisho noyedwa kuba-
ntu bakhe,[c] balidla izwe la-
khe.[d]

**22** Ngemva kwalokho ama-
Israyeli asuka amisa
amatende emathafeni awugwa-
dule akwaMowabi ngapesheya
kweJordani uma usuka eJeri-
ko.[e] **2** UBhalaki[f] indodana ka-
Zipori wakubona konke lokho
u-Israyeli ayekwenzile kuma-
Amori, **3** laba bantu bame-
thusa kakhulu uMowabi ngoba
babebaningi kakhulu; ngempe-
la uMowabi wesaba kakhulu
ngenxa yama-Israyeli.[g] **4** Nga-
kho uMowabi wathi emadodeni
amadala akwaMidiyani:[h] "Ma-
nje leli bandla lizozishwabade-
la zonke izindawo ezisizungezi-
le njengoba nje inkunzi ishwa-
badela utshani edlelweni."

UBhalaki indodana kaZipo-
ri wayeyinkosi yakwaMowabi
ngaleso sikhathi. **5** Wathume-
la izithunywa kuBhalami indo-
dana kaBheyori ePethori,[i] eli-
ngaseMfuleni* osezweni laku-
bo. Wamyala ukuba eze kuye
wathi: "Bheka! Kuphume isi-
zwe eGibhithe. Simboze um-
hlaba#[j] futhi sihlala khona la
phambi kwami. **6** Manje ngi-
cela uze uzongiqalekisela lesi
sizwe[k] ngoba sinamandla kuna-
mi. Mhlawumbe ngingasinqoba
ngisixoshe ezweni ngoba ngazi
kahle ukuthi lowo ombusisayo
ubusisiwe, nalowo omqalekisa-
yo uqalekisiwe."

**7** Ngakho amadoda amada-
la akwaMowabi namadoda
amadala akwaMidiyani aha-
mba ephethe inkokhelo yoku-
bhula ezandleni zawo aya ku-
Bhalami[a] adlulisa umyalezo ka-
Bhalaki. **8** Yena wathi kuwo:
"Lalani lapha namuhla, ngizo-
buya ngizonazisa noma yini
eshiwo uJehova kimi." Ngakho
izikhulu zakwaMowabi zahlala
noBhalami.

**9** UNkulunkulu wafika ku-
Bhalami wathi:[b] "Angobani la
madoda akanye nawe?"
**10** UBhalami wathi kuNku-
lunkulu weqiniso: "UBhala-
ki indodana kaZipori, inko-
si yakwaMowabi, ungithumele-
le umyalezo wathi, **11** 'Bheka!
Isizwe esiphuma eGibhithe si-
mboza umhlaba.# Manje woza
ungiqalekisele sona.[c] Mhlawu-
mbe ngingase ngikwazi uku-
lwa naso ngisixoshe.'" **12** Ko-
dwa uNkulunkulu wathi kuBha-
lami: "Akumele uhambe nawo.
Akumele usiqalekise lesi sizwe
ngoba sibusisiwe."[d]

**13** UBhalami wavuka ekuse-
ni wathi ezikhulwini zikaBha-
laki: "Hambani niye ezweni la-
kini ngoba uJehova wenqabile
ukungidedela ukuba ngihambe
nani." **14** Ngakho izikhulu za-
kwaMowabi zahamba zabuye-
la kuBhalaki zathi: "UBhalami
wenqabile ukuza nathi."

**15** Nokho, uBhalaki waphi-
nde wathumela izikhulu ezini-
ngi kakhulu nezihlonishwa ka-
khulu kunezokuqala. **16** Zafi-
ka kuBhalami zathi kuye: "Yi-
lokhu uBhalaki indodana ka-
Zipori akushilo, 'Ngicela unga-
vumeli lutho lukuvimbe ukuba
uze kimi, **17** ngoba ngizoku-
phakamisa kakhulu futhi ngi-
zokwenza noma yini ongitshe-
la ukuba ngiyenze. Ngakho
ngicela uze ungiqalekisele lesi

---

**22:5** *Ngokusobala, i-Ewufrathe. **22:5, 11** #Noma, "izwe."

**ISAHL. 21**
*a* Eks 23:27; Dut 7:24
*b* Dut 3:2; Hu 135:10, 11
*c* Dut 3:3
*d* Jos 12:4-6

**ISAHL. 22**
*e* Num 33:48
*f* Jos 24:9; Hlu 11:25
*g* Eks 15:15; Dut 2:25
*h* Num 31:7, 8; Jos 13:15, 21
*i* Dut 23:3, 4; Jos 13:22; 2Pe 2:15
*j* Gen 13:14, 16
*k* Num 23:7; Jos 24:9; Neh 13:1, 2

**Uhla 2**
*a* 2Pe 2:15; Jud 11
*b* Num 22:20
*c* Num 22:5, 6; Num 23:7, 11; Num 24:10
*d* Gen 12:1-3; Gen 22:15, 17; Dut 33:29

sizwe.'" **18** Kodwa uBhalami
waphendula izinceku zikaBha-
laki wathi: "Noma kungathi-
wa uBhalaki unginika indlu ya-
khe igcwele isiliva negolide, be-
ngingeke ngenze lutho olunga-
le komyalo kaJehova uNkulu-
nkulu wami, kungakhathalise-
ki ukuthi kuncane noma ku-
khulu.[a] **19** Kodwa nani ngice-
la nihlale lapha namuhla ebu-
suku ukuze ngazi ukuthi yi-
kuphi okunye uJehova azongi-
tshela khona."[b]

**20** UNkulunkulu wafika ku-
Bhalami ebusuku wathi kuye:
"Uma la madoda ezele ukuzo-
kubiza, hamba nawo. Kodwa
uzokhuluma kuphela amazwi
engikutshela wona."[c] **21** Nga-
kho uBhalami wavuka ekuseni
wabophela imbongolo* yakhe
wahamba nezikhulu zakwaMo-
wabi.[d]

**22** Kodwa intukuthelo ka-
Nkulunkulu yavutha ngenxa
yokuthi wayehamba, ingelosi
kaJehova yama endleleni uku-
ze imelane naye. UBhalami wa-
yegibele imbongolo yakhe, eka-
nye nezikhonzi zakhe ezimbi-
li. **23** Lapho imbongolo ibona
ingelosi kaJehova imi endle-
leni iphethe inkemba esandle-
ni sayo iyihoshile, yazama
ukuphambuka endleleni uku-
ze ishone esigangeni. Kodwa
uBhalami waqala ukuyisha-
ya imbongolo ukuze ayiphindi-
sele endleleni. **24** Ingelosi ka-
Jehova yabe isima endlele-
ni ewumngcingo phakathi kwa-
masimu amagilebhisi amabili,
kukhona izindonga zamatshe
ngapha nangapha. **25** Lapho
imbongolo ibona ingelosi ka-
Jehova, yaqala ukuzimpintsha
odongeni yacindezela nonyawo
lukaBhalami odongeni, uBhala-
mi waqala ukuyishaya futhi.

**26** Manje ingelosi kaJeho-
va yaphinde yadlula ngakubo
yama endaweni ewumngcingo,
lapho kwakungekho ndlela yo-
kuphambukela kwesokudla
noma kwesobunxele. **27** La-
pho le mbongolo ibona ingelosi
kaJehova, yalala phansi uBha-
lami eyigibele, ngakho uBha-
lami wathukuthela waqhube-
ka eshaya imbongolo ngendu-
ku yakhe. **28** Ekugcineni uJe-
hova wenza ukuba imbongolo
ikhulume,[a] yathi kuBhalami:
"Ngenzeni kuwe uze ungishaye
kathathu?"[b] **29** UBhalami wa-
thi embongolweni: "Kungenxa
yokuthi ungenze isilima. Uku-
be nje bengiphethe inkemba,
bengizokubulalala!" **30** Imbo-
ngolo yathi kuBhalami: "Angi-
yona yini imbongolo yakho
obulokhu uyigibela konke uku-
phila kwakho kuze kube
namhlanje? Ngake ngakupha-
tha yini ngale ndlela?" Wathi:
"Cha!" **31** Ngemva kwalokho
uJehova wavula amehlo kaBha-
lami,[c] wabona ingelosi kaJeho-
va imi endleleni iphethe inke-
mba esandleni sayo iyihoshi-
le. Ngaso leso sikhathi waguqa
wayesekhothama.

**32** Ingelosi kaJehova yabe
isithi kuye: "Uyishayeleni
imbongolo yakho kathathu?
Bheka! Mina ngiphumele uku-
melana nawe ngoba indlela ya-
kho imelene nentando yami.[d]
**33** Imbongolo ingibonile yaza-
ma ukuphambuka kimi katha-
thu.[e] Ake sithi ayiphambuka-
nga kimi! Ngabe manje sengi-
kubulele, ngayilonda imbongo-
lo." **34** UBhalami wathi enge-
losini kaJehova: "Ngonile ngo-
ba bengingazi ukuthi nguwe
omi endleleni ukuba ungihla-
ngabeze. Manje uma kukubi

---

22:21 *NgesiHebheru, "imbongolo ye-nsikazi."

ISAHL. 22
a Num 24:13
b Num 22:8
c Num 22:35; Num 23:11, 12
d 2Pe 2:15; Jud 11

Uhla 2
a 2Pe 2:15, 16
b Num 22:32
c 2Kh 6:17
d Num 22:12; 2Pe 2:15, 16
e Num 22:23; Num 22:25; Num 22:27

emehlweni akho, ngizophinde-
la emuva.” **35** Kodwa inge-
losi kaJehova yathi kuBha-
lami: “Hamba nawo la madoda,
kodwa ungakhuluma kuphe-
la amazwi engikutshela wona.”
Ngakho uBhalami waqhube-
ka ehamba nezikhulu zikaBha-
laki.

**36** Lapho uBhalaki ezwa
ukuthi uBhalami usefikile, ngo-
kushesha waphuma wayomhla-
ngabeza edolobheni lakwaMo-
wabi, elingasosebeni lwe-Ari-
noni, emngceleni wendawo.
**37** UBhalaki wathi kuBhala-
mi: “Angizange yini ngithumele
ukuba ubizwe? Kungani unge-
zanga kimi? Ubucabanga uku-
thi ngeke ngikwazi ukukupha-
kamisa kakhulu?”[a] **38** UBha-
lami waphendula uBhalaki wa-
thi: “Nakhu ngizile kuwe ma-
nje. Kodwa ngizovunyelwa yini
ukusho noma yini? Nginga-
khuluma amazwi uNkulunkulu
angitshela wona kuphela.”[b]

**39** Ngakho uBhalami wa-
hamba noBhalaki bafika
eKiriyati-huzoti. **40** UBhalaki
wenza umhlatshelo ngezinko-
mo nezimvu, wathumela oku-
nye kuBhalami nasezikhulwi-
ni ezazikanye naye. **41** Eku-
seni uBhalaki wathatha uBha-
lami wamletha eBhamoti-bhali;
elapho wayekwazi ukubona so-
nke isizwe sakwa-Israyeli.[c]

**23** UBhalami wathi kuBha-
laki: “Ngakhele ama-alta-
re ayisikhombisa kule ndawo,[d]
ungilungisele izinkunzi ezi-
yisikhombisa nezinqama eziyi-
sikhombisa.” **2** Ngokushesha
uBhalaki wenza njengoba nje
uBhalami ayeshilo. UBhalaki
noBhalami banikela ngenku-
nzi nangenqama e-altare ngali-
nye.[e] **3** UBhalami wabe esethi
kuBhalaki: “Hlala lapha nga-
semnikelweni wakho oshiswa-
yo, mina ngizohamba. Mhla-
wumbe uJehova uzongithinta.
Noma yini ayembula kimi ngi-
zokutshela yona.” Ngakho waya
egqumeni elingenalutho.

**4** Ngemva kwalokho uNkulu-
nkulu wathintana noBhalami,[a]
owathi kuYe: “Ngihlele ama-
altare ayisikhombisa ngezi-
nhlu, nganikela ngenkunzi na-
ngenqama e-altare ngalinye.”
**5** UJehova waqondisa lokho
uBhalami okufanele akusho,
wathi:[b] “Buyela kuBhalaki, fu-
thi nakhu ozokusho.” **6** Nga-
kho wabuyela, wabona ukuthi
uBhalaki nazo zonke izikhu-
lu zakwaMowabi babemi ngase-
mnikelweni wakhe oshiswayo.
**7** Wabe esesho lesi saga:[c]

“UBhalaki inkosi yakwa-
Mowabi wangisusa
e-Aramu,[d]
Ezintabeni zasempuma-
langa:
‘Woza ungiqalekisele
uJakobe.
Yebo, woza, ulahle
u-Israyeli.’[e]

**8** Ngingabaqalekisa kanjani
labo uNkulunkulu anga-
baqalekisanga?
Ngingabalahla kanjani
labo uJehova angabala-
hlanga?[f]

**9** Ngibabona ngiphezu
kwamadwala,
Ngibabona ngisemagqu-
meni.
Bayisizwe esihlezi sodwa
lapho;[g]
Abazibali kanye nezinye
izizwe.[h]

**10** Ubani ongabala izinhlayiya
zothuli lukaJakobe[i]
Noma ongabala ngisho
ingxenye yesine ka-Isra-
yeli?

ISAHL. 22
a Num 22:16, 17; Num 24:10, 11
b Num 23:26; Num 24:13
c Num 23:13, 14

ISAHL. 23
d Num 22:41
e Num 23:13, 14; Num 23:28-30

Uhla 2
a Num 22:20
b Num 22:35
c Num 23:18; Num 24:3
d Gen 10:22; Num 22:5; Dut 23:3, 4
e Num 22:6
f Num 22:12
g 1Kh 8:53
h Eks 33:16
i Gen 13:14, 16; Gen 22:17; Eks 1:7

Mangife ukufa kwabaqotho,
Futhi ukuphela kwami makube njengokwabo."

11 UBhalaki wabe esethi kuBhalami: "Yini le ongenze yona? Ngikulethe lapha ukuba uzoqalekisa izitha zami, kodwa okwenzile nje ukuzibusisa."[a]
12 Waphendula wathi: "Akumele yini ngikhulume noma yikuphi uJehova akufaka emlonyeni wami?"[b]
13 UBhalaki wathi kuye: "Ngicela uhambe nami siye kwenye indawo ozokwazi ukubabona ukuyo. Uzobona ingxenye yabo kuphela; ngeke ubabone bonke. Ungiqalekisele bona ulapho."[c] 14 Ngakho wamthatha wamyisa ensimini kaZofimu, esiqongweni sePhisiga,[d] wabe esemakhela amaaltare ayisikhombisa, wanikela ngenkunzi nenqama e-altare ngalinye.[e] 15 Ngakho uBhalami wathi kuBhalaki: "Hlala lapha ngasemnikelweni wakho oshiswayo, ngesikhathi mina ngithintana naYe lapha-
ya." 16 UJehova wathintana noBhalami wafaka leli zwi emlonyeni wakhe:[f] "Buyela kuBhalaki futhi yilokhu okufanele ukusho." 17 Ngakho wafika kuye wabona ukuthi wayelinde ngasemnikelweni wakhe oshiswayo, izikhulu zakwaMowabi zikanye naye. UBhalaki wambuza: "Utheni uJehova?"
18 Wabe esesho lesi saga:[g]
"Vuka, Bhalaki, ulalele.
Ngilalele, O ndodana kaZipori.
19 UNkulunkulu akayena umuntu yena oqamba amanga,[h]
Akayona indodana yomuntu yona eshintsha umqondo wayo.*[i]
Lapho esho okuthile, ngeke yini akwenze?
Lapho ekhuluma, ngeke yini akufeze akushoyo?[a]
20 Bheka! Ngithathelwe ukuba ngibusise;
Manje Yena ubusisile[b] futhi ngeke ngikuhlehlise.[c]
21 Akabekezeleli noma yimaphi amandla omlingo ngokumelene noJakobe,
Akavumeli noma iyiphi inkathazo ngokumelene no-Israyeli.
UJehova uNkulunkulu wakhe unabo,[d]
Udunyiswa ngokuzwakalayo njengenkosi phakathi kwabo.
22 UNkulunkulu ubakhipha eGibhithe.[e]
Ufana nezimpondo zenkunzi yasendle kubo.[f]
23 Ngoba akukho mabika okubi ngokumelene noJakobe,[g]
Nanoma yikuphi ukubhula ngokumelene no-Israyeli.[h]
Ngalesi sikhathi kungashiwo ngoJakobe nango-Israyeli ukuthi:
'Bheka lokho uNkulunkulu akwenzile!'
24 Nasi isizwe esiyovuka njengebhubesi,
Njengebhubesi, siyoziphakamisa.[i]
Asiyikulala phansi size sidle inyamazane,
Siphuze negazi lababulewe."

25 UBhalaki wathi kuBhalami: "Uma kuwukuthi awukwazi ukumqalekisa, khona-ke akufanele umbusise." 26 UBhalami waphendula uBhalaki wathi: "Angishongo yini kuwe ukuthi, 'Ngizokwenza konke uJehova akushoyo'?"[j]

23:19 * Noma, "ezisolayo."

ISAHL. 23
a Num 24:10 Jos 24:10 Neh 13:1, 2
b Num 22:38 Num 24:13
c Num 22:11
d Dut 34:1
e Num 22:41 Num 23:1 Num 23:28, 29
f Num 22:35 Num 23:5
g Num 23:7 Num 24:3
h Hu 89:35 Tit 1:2
i 1Sa 15:29

Uhla 2
a Isay 14:24 Isay 46:10 Mik 7:20
b Gen 12:1, 2 Gen 22:15, 17 Num 22:12
c Num 22:18
d Eks 13:21 Eks 23:20 Eks 29:45 Isay 8:10
e Eks 20:2
f Num 24:8
g Gen 12:1, 3
h Num 22:7
i Num 24:9
j Num 22:38 Num 23:12

27 UBhalaki wathi kuBhalami: "Ngicela uze ngikuyise kwenye indawo. Mhlawumbe kuzoba kuhle emehlweni kaNkulunkulu weqiniso ukuba ungiqalekisele yena ulapho."[a]
28 Ngakho uBhalaki wathatha uBhalami wamyisa esiqongweni sePheyori, esibheke eJeshimoni.*[b] 29 UBhalami wathi kuBhalaki: "Ngakhele ama-altare ayisikhombisa kule ndawo, ungilungisele izinkunzi eziyisikhombisa nezinqama eziyisikhombisa."[c] 30 Ngakho uBhalaki wenza njengoba nje uBhalami ayeshilo, wanikela ngenkunzi nangenqama e-altare ngalinye.

24 Lapho uBhalami ebona ukuthi kwakumjabulisa uJehova* ukubusisa u-Israyeli, akabange esasuka ukuze ayofuna amabika okubi,[d] kodwa ubuso bakhe wabubhekisa ehlane. 2 Lapho uBhalami ephakamisa amehlo futhi ebona u-Israyeli emise amatende ngokwezizwe zakhe,[e] umoya kaNkulunkulu waba phezu kwakhe.[f] 3 Wabe esesho lesi saga:[g]

"Amazwi kaBhalami indodana kaBheyori,
Namazwi endoda emehlo ayo aye avulwa,
4 Amazwi alowo ozwa izwi likaNkulunkulu,
Owabona umbono woMninimandla Onke,
Oye wakhothama amehlo akhe evuliwe:[h]
5 Yeka ukuthi mahle kanjani amatende akho, Jakobe,
Amatabernakele akho, Israyeli![i]
6 Afinyelela kude njengezigodi,*[a]
Njengamasimu angasemfuleni,
Njengenhlaba etshalwe uJehova,
Njengemisedari engasemanzini.
7 Kulokhu kuconsa amanzi emabhakedeni akhe esikhumba amabili,
Imbewu* yakhe itshalwe ngasemanzini amaningi.[b]
Inkosi yakhe[c] nayo iyoba nkulu kuno-Agagi,[d]
Nombuso wakhe uyophakanyiswa.[e]
8 UNkulunkulu umkhipha eGibhithe;
Unjengezimpondo zenkunzi yasendle kubo.
Uyodla izizwe, abacindezeli bakhe,[f]
Amathambo azo uyowaququda, aziphihlize ngemicibisholo yakhe.
9 Uqosheme, ulele phansi njengebhubesi,
Njengebhubesi, ubani ongalokotha amvuse?
Labo abakubusisayo babusisiwe,
Nalabo abakuqalekisayo baqalekisiwe."[g]

10 UBhalaki wamthukuthelela uBhalami. Washaya izandla ngokwedelela wathi kuBhalami: "Ngikubizele ukuba uqalekise izitha zami,[h] kodwa okwenzile nje ukuzibusisa kathathu. 11 Ngakho buyela ekhaya* khona manje. Bengihlose ukukuphakamisa kakhulu,[i] kodwa uJehova akavumanga ukuba ngikuphakamise."
12 UBhalami waphendula uBhalaki wathi: "Angishongo

23:28 *Noma kungaba, "ogwadule; ehlane." 24:1 *NgesiHebheru, "kwakukuhle emehlweni kaJehova."

24:6 *Noma, "njengemihosha." 24:7 *Noma, "Inzalo." 24:11 *Noma, "goduka."

ISAHL. 23
a Num 23:13
b Num 21:20
c Num 22:41; Num 23:1, 14

ISAHL. 24
d Num 23:3, 15; Num 23:23
e Num 2:2; Num 23:9
f 1Sa 19:20
g Num 23:7, 18
h Num 24:16
i Num 1:52; Num 2:2

Uhla 2
a Num 22:11
b Dut 8:7
c Gen 49:10; Hu 2:6; Joh 1:49
d Num 24:20
e 1Kr 14:2; Dan 2:44; IsA 11:15
f Eks 23:27; Dut 9:5
g Gen 12:1-3; Gen 27:29
h Num 22:10, 11; Num 23:11; Neh 13:1, 2
i Num 22:16, 17

yini ezithunyweni owazithu-
ma ukuthi, **13** ‘Noma kunga-
thiwa uBhalaki unginika indlu
yakhe igcwele isiliva nego-
lide, bengingeke ngenze lu-
tho ngokuthanda kwami* olu-
ngale komyalo kaJehova, ku-
ngakhathaliseki ukuthi kuhle
noma kubi. Ngizokhuluma ku-
phela lokho uJehova azongi-
tshela khona’?[a] **14** Manje ngi-
yahamba ngiya kubantu ba-
kithi. Woza ngikutshele lo-
kho lesi sizwe esiyokwenza ku-
bantu bakho esikhathini esi-
zayo.”* **15** Ngakho washo lesi
saga:[b]

“Amazwi kaBhalami indodana kaBheyori,
Namazwi endoda emehlo ayo avuliwe,[c]
**16** Amazwi alowo ozwa izwi likaNkulunkulu,
Nalowo onolwazi ngoPhezukonke,
Wabona umbono woMninimandla Onke
Lapho ekhothama phansi amehlo akhe evuliwe:
**17** Ngizombona, kodwa hhayi manje;
Ngizombuka, kodwa hhayi maduze.
Kuyophuma inkanyezi[d] kuJakobe,
Kuyovela intonga[e] ku-Israyeli.[f]
Nakanjani uyoqhekeza isiphongo sikaMowabi*[g]
Nogebhezi lwawo wonke amadodana okuxokozela.
**18** U-Edomi uyoba yifa,[h]
Yebo, iSeyiri[i] libe yifa lezitha zakhe,[j]
Ngesikhathi u-Israyeli ebonisa isibindi sakhe.
**19** Kuyophuma kuJakobe othile onqobayo,[a]
Uyobhubhisa noma ubani osindile edolobheni.”

**20** Lapho ebona u-Amaleki,
waqhubeka nesaga sakhe wa-
thi:

“U-Amaleki wayengowokuqala ezizweni,[b]
Kodwa ekugcineni uyoshabalala.”[c]

**21** Lapho ebona amaKheni,[d]
waqhubeka nesaga sakhe wa-
thi:

“Ilondekile indawo yakho yokuhlala, imiswe emadwaleni indlu yakho.
**22** Kodwa kukhona ozoshisa iKhayine.
Kuzoba isikhathi esingakanani ngaphambi kokuba i-Asiriya likuthumbe?”

**23** Waqhubeka nesaga sakhe
wathi:

“Maye! Ubani oyosinda lapho uNkulunkulu enza lokhu?
**24** Kuyovela imikhumbi ogwini lwaseKitimi,[e]
Ilihluphe i-Asiriya,[f]
Ihluphe ne-Ebhere.
Kodwa naye uyophela nya.”

**25** Ngemva kwalokho uBha-
lami[g] wasukuma wahamba wa-
buyela endaweni yakhe. UBha-
laki naye wahamba indlela ya-
khe.

**25** Ngesikhathi u-Israyeli
ehlala eShithimi,[h] abantu
baqala ukuziphatha kabi
ngokuya ocansini namadoda-
kazi akwaMowabi.[i] **2** Laba be-
sifazane bamemela abantu
emihlatshelweni yonkulunkulu
babo,[j] abantu baqala ukudla
nokukhothamela onkulunku-
lu babo.[k] **3** Ngakho u-Israyeli

24:13 *NgesiHebheru, “ngokusuka enhliziyweni yami.” **24:14** *Noma, “ekupheleni kwezinsuku.” **24:17** *Noma, “izinhlafuno zekhanda likaMowabi.”

ISAHL. 24
a Num 22:18, 38
b Num 23:7
c Num 24:3, 4
d IsA 22:16
e Hu 110:2; Heb 1:8
f 2Sa 7:16, 17; Isay 9:7
g 2Sa 8:2; 1Kr 18:2; Hu 108:9
h Gen 27:37; 2Sa 8:14; Amo 9:11, 12
i Gen 36:8; Jos 24:4
j 1Kr 4:42, 43; Hez 25:14

Uhla 2
a Gen 49:10; Hu 2:9; Hu 72:11; IsA 6:2; IsA 19:15
b Eks 17:8, 14
c Dut 25:19; 1Sa 15:3; 1Kr 4:43
d Gen 15:18, 19; Hlu 1:16
e Gen 10:2, 4; Hez 27:6
f Nah 3:18
g Num 31:7, 8

ISAHL. 25
h Jos 2:1; Mik 6:5
i Num 31:16; 1Ko 10:8; IsA 2:14
j Eks 34:15; 1Ko 10:20
k Eks 20:5

naye wakhonza nabo uBhali*
wasePheyori,[a] uJehova wam-
thukuthelela kakhulu u-Israye-
li. **4** UJehova wathi kuMose:
“Thatha bonke abaholi* bala-
ba bantu kuthi uma sebebule-
we, ulengise izidumbu zabo
phambi kukaJehova emini be-
bade,# ukuze uJehova angabe
esamthukuthelela u-Israyeli.”
**5** UMose wabe esethi kubahlu-
leli bakwa-Israyeli:[b] “Ngamu-
nye kini kufanele abulale aba-
ntu bakubo abakhonza uBhali*
wasePheyori.”[c]

**6** Kwathi kusenjalo nje, kwa-
fika umuntu ongumIsrayeli,
elethe ekamu owesifazane wa-
kwaMidiyani[d] phambi kwame-
hlo kaMose nawayo yonke
inhlangano yama-Israyeli, nge-
sikhathi inhlangano ikhala em-
nyango wetende lokuhlanga-
na. **7** Lapho uFinehasi[e] indo-
dana ka-Eleyazare indodana ka-
Aroni umpristi ebona lokhu,
wasukuma ngokushesha pha-
kathi kwenhlangano watha-
tha umkhonto.* **8** Wayilande-
la le ndoda yakwa-Israyeli wa-
ngena etendeni, wababhokoda
ngomkhonto bobabili, umkho-
nto waphumela ngale, wabho-
koda le ndoda yakwa-Israyeli
nowesifazane ezithweni zakhe
zangasese. Ngemva kwalokho
isishayo sanqamuka[f] kuma-
Israyeli. **9** Abafa kulesi sisha-
yo baba ngu-24 000.[g]

**10** UJehova wabe esethi ku-
Mose: **11** “UFinehasi[h] indoda-
na ka-Eleyazare indodana ka-
Aroni umpristi ulunqandile
ulaka lwami kubantu bakwa-
Israyeli ngoba akakubekeze-
lelanga nhlobo ukuba kho-
na kwembangi yami phakathi
kwabo.[a] Ngakho angiwaqothu-
langa ama-Israyeli ngenxa yo-
kuphikelela kwami ukufuna
abantu bazinikele kimi kuphe-
la.[b] **12** Ngakho yithi, ‘Ngimni-
ka isivumelwano sami sokuthu-
la. **13** Siyoba isivumelwano
sobupristi baphakade kuye na-
senzalweni yakhe,[c] ngoba aka-
kubekezelelanga ukuba khona
kwembangi kaNkulunkulu wa-
khe[d] futhi wabenzela isihlawu-
lelo abantu bakwa-Israyeli.’”

**14** Igama lendoda yakwa-
Israyeli eyabulawa kanye nowe-
sifazane wakwaMidiyani kwa-
kunguZimri indodana kaSalu,
isikhulu sendlu kayise yaba-
kwaSimeyoni. **15** Igama lowe-
sifazane wakwaMidiyani owa-
bulawa kwakunguKozibi indo-
dakazi kaZuri[e] owayengumholi
wemindeni yendlu kayise kwa-
Midiyani.[f]

**16** Kamuva uJehova wathi
kuMose: **17** “Hlasela abakwa-
Midiyani, ubashaye,[g] **18** ngo-
ba bebelokhu benikhathaza
ngezenzo zabo zobuqili abaze-
nze kini endabeni yasePheyori[h]
nasendabeni kaKozibi indoda-
kazi yesikhulu sakwaMidiyani,
owabulawa[i] ngosuku lwesisha-
yo ngenxa yendaba yasePheyo-
ri.”[j]

**26** Ngemva kwaleso sisha-
yo,[k] uJehova wathi ku-
Mose naku-Eleyazare indoda-
na ka-Aroni umpristi: **2** “Ba-
lani yonke inhlangano yama-
Israyeli kusukela kwabanemi-
nyaka engu-20 ubudala kuya
phezulu, ngokwezindlu zoyi-
se, nibale bonke abangaya
empini kwa-Israyeli.”[l] **3** Nga-
kho uMose no-Eleyazare[m] um-
pristi bakhuluma nayo ema-
thafeni awugwadule akwaMo-
wabi[n] ngaseJordani eJeriko,[o]
bathi: **4** “Babaleni kusukela

---

**25:3** *Noma, “wazihlanganisa noBhali.” **25:4** *NgesiHebheru, “izinhloko.” #NgesiHebheru, “phambi kwelanga.” **25:5** *Noma, “abazihlanganisa noBhali.” **25:7** *Noma, “isijula.”

---

ISAHL. 25
*a* Dut 4:3; Jos 22:17; Hu 106:28, 29; Hos 9:10
*b* Eks 18:21
*c* Eks 22:20; Eks 32:25, 27; Dut 13:6-9
*d* Num 25:14, 15
*e* Eks 6:25; Jos 22:30
*f* Hu 106:30
*g* Num 25:4; Dut 4:3; 1Ko 10:8
*h* Num 25:7

Uhla 2
*a* Hu 106:30, 31
*b* Eks 20:5; Eks 34:14; Dut 4:24
*c* 1Kr 6:4; Ezr 7:1, 5; Ezr 8:1, 2
*d* 1Kh 19:10
*e* Num 31:7, 8; Jos 13:21
*f* 1Kr 1:32, 33
*g* Num 31:1, 2
*h* Num 25:3; Num 31:16
*i* Num 25:8, 15
*j* Num 25:9

ISAHL. 26
*k* Num 25:7, 8
*l* Eks 30:12; Eks 38:26; Num 1:2
*m* Num 20:26
*n* Num 22:1; Num 33:48
*o* Jos 6:1

kwabaneminyaka engu-20 ubu-
dala kuya phezulu, njengoba
nje uJehova emyalile uMose.”[a]

Abantwana bakwa-Israyeli
abaphuma ezweni laseGibhithe
kwakuyilaba: **5** URubeni,[b] izi-
bulo lika-Israyeli; amadoda-
na kaRubeni[c] kwakuyilawa: ku-
Hanoki, umndeni wakwaHa-
noki; kuPhalu, umndeni wa-
kwaPhalu; **6** kuHezironi, um-
ndeni wakwaHezironi; kuKa-
rmi, umndeni wakwaKarmi.
**7** Lena kwakuyimindeni yaba-
kwaRubeni, ababhaliswa kuyo
baba ngu-43 730.[d]

**8** Indodana kaPhalu kwa-
kungu-Eliyabe. **9** Amadodana
ka-Eliyabe kwakunguNemuwe-
li, uDathani no-Abhiramu. Lo
Dathani no-Abhiramu babenga-
bakhethiwe benhlangano, aba-
lwa noMose[e] no-Aroni bekanye
neqembu likaKhora,[f] ngesikha-
thi belwa noJehova.[g]

**10** Umhlaba wavuleka waba-
gwinya. UKhora yena wafa na-
babemsekela ngesikhathi umli-
lo uqothula amadoda angu-
250.[h] Baba yisixwayiso kwaba-
nye.[i] **11** Nokho, amadodana
kaKhora awazange afe.[j]

**12** Amadodana kaSimeyo-
ni[k] ngemindeni yawo kwaku-
yilawa: kuNemuweli, umnde-
ni wakwaNemuweli; kuJami-
ni, umndeni wakwaJamini; ku-
Jakini, umndeni wakwaJakini;
**13** kuZera, umndeni wakwaZe-
ra; kuShawule, umndeni wa-
kwaShawule. **14** Lena kwaku-
yimindeni yabakwaSimeyoni:
babengu-22 200.[l]

**15** Amadodana kaGadi[m]
ngemindeni yawo kwakuyila-
wa: kuZefoni, umndeni wakwa-
Zefoni; kuHagi, umndeni wa-
kwaHagi; kuShuni, umndeni
wakwaShuni; **16** ku-Ozini,
umndeni wakwa-Ozini; ku-Era-
yi, umndeni wakwa-Erayi;
**17** ku-Arodi, umndeni wakwa-
Arodi; ku-Areli, umndeni wa-
kwa-Areli. **18** Lena kwakuyi-
mindeni yamadodana kaGadi,
ababebhalisiwe kuyo babengu-
40 500.[a]

**19** Amadodana kaJuda[b]
kwakungu-Eri no-Onani.[c] No-
kho, u-Eri no-Onani bafe-
la ezweni laseKhanani.[d]
**20** Amadodana kaJuda ngemi-
ndeni yawo kwakuyilawa: ku-
Shela,[e] umndeni wakwaShela;
kuPherezi,[f] umndeni wakwa-
Pherezi; kuZera,[g] umndeni wa-
kwaZera. **21** Amadodana ka-
Pherezi kwakuyilawa: kuHezi-
roni,[h] umndeni wakwaHezi-
roni; kuHamule,[i] umndeni wa-
kwaHamule. **22** Lena kwaku-
yimindeni yakwaJuda, ababha-
liswa kuyo babengu-76 500.[j]

**23** Amadodana ka-Isakare[k]
ngemindeni yawo kwakuyila-
wa: kuThola,[l] umndeni wakwa-
Thola; kuPhuva, umndeni wa-
kwaPhuni; **24** kuJashubi, um-
ndeni wakwaJashubi; kuShi-
mroni, umndeni wakwaShi-
mroni. **25** Lena kwakuyimi-
ndeni yakwa-Isakare, ababhali-
swa kuyo babengu-64 300.[m]

**26** Amadodana kaZebhulo-
ni[n] ngemindeni yawo kwa-
kuyilawa: kuSeredi, umnde-
ni wakwaSeredi; ku-Eloni, um-
ndeni wakwa-Eloni; kuJahali-
yeli, umndeni wakwaJahaliyeli.
**27** Lena kwakuyimindeni ya-
bakwaZebhuloni, ababhaliswa
kuyo babengu-60 500.[o]

**28** Amadodana kaJosefa[p]
ngemindeni yawo kwakunguMa-
nase no-Efrayimi.[q] **29** Amado-
dana kaManase[r] kwakuyilawa:
kuMakiri,[s] umndeni wakwaMa-
kiri; uMakiri waba uyise ka-
Gileyadi;[t] kuGileyadi, umndeni
wakwaGileyadi. **30** Yilawa
amadodana kaGileyadi: ku-Iye-
zeri, umndeni wakwa-Iyezeri;

ISAHL. 26
*a* Num 1:3
*b* Gen 29:32
*c* Gen 46:8, 9; Eks 6:14
*d* Num 1:21
*e* Num 16:12
*f* Num 16:1
*g* Num 16:5, 19; Dut 11:6; Hu 106:17
*h* Num 16:32, 35; Hu 106:18
*i* Num 16:38; 1Ko 10:10, 11
*j* Eks 6:24; Num 26:58; Hu 42:Sup
*k* Gen 35:23; Gen 46:10; Eks 6:15; 1Kr 4:24
*l* Num 1:23
*m* Gen 35:26; Gen 46:16

Uhla 2
*a* Num 1:25
*b* Gen 29:35; Gen 46:12
*c* Gen 38:2-4
*d* Gen 38:7-10
*e* Gen 38:2, 5; Gen 38:26; 1Kr 4:21
*f* Gen 38:29; Rut 4:18; Mat 1:3
*g* Gen 38:30; 1Kr 2:4
*h* Rut 4:19
*i* 1Kr 2:5
*j* Num 1:27
*k* Gen 30:18; Gen 35:23; Gen 46:13; 1Kr 7:1
*l* 1Kr 7:2
*m* Num 1:29
*n* Gen 30:20; Gen 46:14
*o* Num 1:31
*p* Gen 30:24; Gen 35:24; Gen 46:20
*q* Gen 41:52
*r* Gen 41:51
*s* Gen 50:23; Dut 3:15; 1Kr 7:14
*t* Jos 17:1

kuHeleki, umndeni wakwaHe-
leki; **31** ku-Asiriyeli, umnde-
ni wakwa-Asiriyeli; kuSheke-
mi, umndeni wakwaShekemi;
**32** kuShemida, umndeni wa-
kwaShemida; kuHeferi, um-
ndeni wakwaHeferi. **33** UZe-
lofehadi indodana kaHeferi wa-
yengenawo amadodana, ena-
madodakazi kuphela,[a] amaga-
ma amadodakazi kaZelofehadi[b]
kwakunguMahila, uNowa, uHo-
gila, uMilka noTiriza. **34** Lena
kwakuyimindeni yakwaMana-
se, ababhaliswa kuyo babengu-
52 700.[c]

**35** Lawa kwakungamadoda-
na ka-Efrayimi[d] ngemindeni
yawo: kuShuthela,[e] umndeni
wakwaShuthela; kuBekeri, um-
ndeni wakwaBekeri; kuThaha-
ni, umndeni wakwaThahani.
**36** Lawa kwakungamadodana
kaShuthela: ku-Eranu, umndeni
wakwa-Eranu. **37** Lena kwaku-
yimindeni yamadodana ka-Efra-
yimi, ababhaliswa kuyo babe-
ngu-32 500.[f] Lawa kwakungama-
dodana kaJosefa ngemindeni
yawo.

**38** Amadodana kaBhenjami-
ni[g] ngemindeni yawo kwakuyi-
lawa: kuBhela,[h] umndeni wa-
kwaBhela; ku-Ashibheli, um-
ndeni wakwa-Ashibheli; ku-
Ahiramu, umndeni wakwa-Ahi-
ramu; **39** kuShefufamu, um-
ndeni wakwaShufamu; kuHu-
famu, umndeni wakwaHufamu.
**40** Amadodana kaBhela kwa-
kungu-Arida noNahamani:[i] ku-
Arida, umndeni wakwa-Ari-
da; kuNahamani, umndeni wa-
kwaNahamani. **41** Lawa kwa-
kungamadodana kaBhenjamini
ngemindeni yawo, ababhaliswa
kuwo babengu-45 600.[j]

**42** Lawa kwakungamadoda-
na kaDani[k] ngemindeni yawo:
kuShuhamu, umndeni wakwa-
Shuhamu. Lena kwakuyimi-
ndeni yakwaDani ngemindeni
yawo. **43** Ababhaliswa kuyo
yonke imindeni yamaShuhamu
babengu-64 400.[a]

**44** Amadodana ka-Asheri[b]
ngemindeni yawo kwakuyila-
wa: ku-Imna, umndeni wakwa-
Imna; ku-Ishivi, umndeni wa-
kwa-Ishivi; kuBheriya, umnde-
ni wakwaBheriya; **45** ema-
dodaneni kaBheriya: kuHe-
bhere, umndeni wakwaHebhe-
re; kuMalikhiyeli, umndeni wa-
kwaMalikhiyeli. **46** Igama le-
ndodakazi ka-Asheri kwaku-
nguSera. **47** Lena kwakuyi-
mindeni yamadodana ka-Ashe-
ri, ababhaliswa kuyo babengu-
53 400.[c]

**48** Amadodana kaNafetali[d]
ngemindeni yawo kwakuyila-
wa: kuJahaziyeli, umndeni wa-
kwaJahaziyeli; kuGuni, umnde-
ni wakwaGuni; **49** kuJezeri,
umndeni wakwaJezeri; kuShi-
lemi, umndeni wakwaShile-
mi. **50** Lena kwakuyiminde-
ni kaNafetali ngemindeni yayo,
ababhaliswa kuyo babengu-
45 400.[e]

**51** Lena ingqikithi yalabo
ababhaliswa kuma-Israyeli: ba-
bengu-601 730.[f]

**52** Ngemva kwalokho uJe-
hova wathi kuMose: **53** "Yi-
laba okufanele bahlukaniselwe
izwe libe yifa ngokohlu lwama-
gama.*[g] **54** Amaqembu ama-
khulu kufanele uwandisele ifa,
amaqembu amancane kufane-
le uwanciphisele ifa.[h] Iqembu
ngalinye kufanele linikezwe ifa
lalo ngokulingana nesibalo sa-
babhalisiwe. **55** Nokho izwe
kufanele lihlukaniswe ngenka-
tho.[i] Kufanele bathole ifa labo
ngokwamagama ezizwe zoyise.
**56** Ifa ngalinye liyonqunywa

**ISAHL. 26**
a Num 27:7; 1Kr 7:15
b Num 36:11
c Num 1:35
d Gen 41:52
e 1Kr 7:20
f Num 1:33; Jos 17:17
g Gen 35:24; Gen 46:21; 1Kr 8:1
h 1Kr 7:6
i 1Kr 8:3, 4
j Num 1:37
k Gen 30:6

**Uhla 2**
a Num 1:39
b Gen 30:13; Gen 35:26; Gen 46:17; 1Kr 7:30
c Num 1:41
d Gen 30:8; Gen 35:25; Gen 46:24; 1Kr 7:13
e Num 1:43
f Eks 38:26; Num 1:46, 49; Num 14:29
g Jos 11:23; Jos 14:1
h Num 33:54
i Num 34:13; Jos 14:2; Jos 17:4; Jos 18:6; IzA 16:33

**26:53** *Noma, "ngokuvumelana nesibalo samagama asohlwini."

ngenkatho, lihlukaniswe pha-
kathi kwamaqembu amakhulu
namancane.”

**57** Manje yilaba ababebha-
lisiwe kumaLevi[a] ngeminde-
ni yawo: kuGereshoni, umnde-
ni wakwaGereshoni; kuKoha-
ti,[b] umndeni wakwaKohati; ku-
Merari, umndeni wakwaMerari.
**58** Yilena imindeni yamaLe-
vi: umndeni wakwaLibini,[c] um-
ndeni wakwaHebroni,[d] umnde-
ni wakwaMaheli,[e] umndeni wa-
kwaMushi,[f] umndeni wakwa-
Khora.[g]

UKohati wazala u-Amra-
mu.[h] **59** Igama lomka-Amra-
mu kwakunguJokebedi,[i] indo-
dakazi kaLevi, eyazalelwa uLe-
vi eGibhithe. UJokebedi wa-
zalela u-Amramu u-Aroni no-
Mose nodadewabo uMiriyamu.[j]
**60** U-Aroni wazalelwa uNada-
bi, u-Abhihu, u-Eleyazare no-
Itamari.[k] **61** Kodwa oNadabi
no-Abhihu bafa ngenxa yokule-
tha umlilo ongagunyaziwe pha-
mbi kukaJehova.[l]

**62** Ingqikithi yalabo ababha-
liswa yayingu-23 000, bonke
abesilisa kusukela kwabanenya-
nga eyodwa ubudala kuya phe-
zulu.[m] Ababhaliswanga phaka-
thi kwama-Israyeli[n] ngoba ali-
kho ifa okwakufanele banike-
zwe lona phakathi kwama-Isra-
yeli.[o]

**63** Yilaba ababhaliswa uMo-
se no-Eleyazare umpristi lapho
bebhalisa ama-Israyeli ema-
thafeni awugwadule akwa-
Mowabi ngaseJordani eJeri-
ko. **64** Kodwa phakathi kwa-
bo kwakungekho noyedwa ku-
labo ababhaliswa uMose no-
Aroni umpristi lapho kubalwa
ama-Israyeli ehlane laseSina-
yi.[p] **65** Ngoba uJehova waye-
the ngabo: “Nakanjani bayofe-
la ehlane.”[q] Ngakho kwakunga-
salanga muntu kubo ngapha-
ndle kukaKalebi indodana ka-
Jefune noJoshuwa indodana
kaNuni.[a]

**27** Ngemva kwalokho ama-
dodakazi kaZelofehadi,[b]
indodana kaHeferi, indoda-
na kaGileyadi, indodana kaMa-
kiri, indodana kaManase, we-
mindeni yakwaManase indoda-
na kaJosefa, asondela. Ama-
gama amadodakazi akhe kwa-
kunguMahila, uNowa, uHogi-
la, uMilka noTiriza. **2** Ama
phambi kukaMose, u-Eleyazare
umpristi, izikhulu[c] nayo yonke
inhlangano emnyango wetende
lokuhlangana, athi: **3** “Ubaba
ufele ehlane, kodwa wayenge-
kho phakathi kweqembu ela-
hlangana ukuze limelane no-
Jehova, abasekeli bakaKhora,[d]
kodwa ufele isono sakhe fu-
thi wayengenawo amadodana.
**4** Kungani igama likababa ku-
fanele lisuswe emndenini wa-
kubo ngenxa yokuthi wayenge-
nandodana? Sicela nisinike ifa
phakathi kwabafowabo baka-
baba.” **5** Ngakho uMose we-
thula udaba lwawo phambi ku-
kaJehova.[e]

**6** UJehova wabe esethi ku-
Mose: **7** “Amadodakazi kaZe-
lofehadi aqinisile. Kufanele na-
kanjani uwanike ifa phaka-
thi kwabafowabo bakayise libe
ngelawo, udlulisele ifa likayi-
se kuwo.[f] **8** Ukhulume nama-
Israyeli, uthi: ‘Uma kwenze-
ka umuntu efa engenandoda-
na, kumele nidlulisele ifa la-
khe endodakazini yakhe.
**9** Uma engenayo indodakazi,
ifa lakhe niyolinika abafowabo.
**10** Uma engenabo abafowabo,
ifa lakhe niyolinika abafowabo
bakayise. **11** Uma uyise enge-
nabo abafowabo, ifa lakhe ni-
yolinika isihlobo sakhe segazi

ISAHL. 26
a Gen 46:11; Eks 6:16
b Num 3:19
c Eks 6:17; Num 3:18
d Num 3:27
e Eks 6:19; Num 3:33
f Num 3:20; 1Kr 23:23
g Eks 6:24
h Eks 6:18; Num 3:19
i Eks 2:1; Eks 6:20
j Eks 15:20; Mik 6:4
k Eks 6:23; Eks 24:9
l Lev 10:1, 2; Num 3:2, 4; 1Kr 24:2
m Num 3:39
n Num 1:49
o Num 18:24; Dut 10:9; Dut 14:27; Jos 14:3
p Num 1:2; Dut 2:14; 1Ko 10:5
q Heb 3:17

Uhla 2
a Num 14:29, 30; Jos 14:14; Jos 19:49

ISAHL. 27
b Num 26:33
c Eks 18:25, 26
d Num 14:35; Num 16:1, 2; Num 16:19, 35
e Eks 18:15, 16; Eks 33:11; Lev 24:11, 12
f Num 36:2; Jos 17:3, 4

esiseduze kakhulu emndenini wakubo, libe elaso. Lesi sinqumo sokwahlulela siyoba umthetho kuma-Israyeli, njengoba nje uJehova emyalile uMose.'"

**12** Ngemva kwalokho uJehova wathi kuMose: "Khuphukela kule ntaba yase-Abharimi,[a] ubuke izwe engizolinika ama-Israyeli.[b] **13** Lapho usulibonile, uyofa,[c] njengoba nje no-Aroni umfowenu afa,[d] **14** ngenxa yokuthi lapho inhlangano ixabana nami ehlane laseZini, nadlubulunda emyalweni wami wokungingcwelisa ngamanzi phambi kwayo.[e] Lawa amanzi aseMeriba[f] eKadeshi[g] ehlane laseZini."[h]

**15** UMose wabe esethi kuJehova: **16** "UJehova, uNkulunkulu onika bonke abantu ukuphila, makamise indoda phezu kwenhlangano **17** ezophuma iphinde ingene phambi kwayo nezoyihola iyikhiphe iphinde iyingenise, ukuze inhlangano kaJehova ingabi njengezimvu ezingenamalusi." **18** Ngakho uJehova wathi kuMose: "Thatha uJoshuwa indodana kaNuni, indoda enomoya, ubeke isandla sakho kuye.[i] **19** Ngemva kwalokho ummise phambi kuka-Eleyazare umpristi naphambi kwayo yonke inhlangano, umbeke njengomholi phambi kwamehlo ayo.[j] **20** Kumele umnike elinye igunya* lakho,[k] ukuze yonke inhlangano yama-Israyeli imlalele.[l] **21** UJoshuwa uyoma phambi kuka-Eleyazare umpristi, oyombuzela ngesahlulelo se-Urimi[m] phambi kukaJehova. Bayophuma ngomyalo wakhe bangene ngomyalo wakhe, yena nawo wonke ama-Israyeli

27:20 *Noma, "isithunzi."

akanye naye nayo yonke inhlangano."

**22** Ngakho uMose wenza njengoba nje uJehova ayemyalile. Wathatha uJoshuwa wammisa phambi kuka-Eleyazare umpristi naphambi kwayo yonke inhlangano, **23** wabeka izandla zakhe kuye wambeka njengomholi,[a] njengoba nje uJehova ayekhulumile ngoMose.[b]

**28** UJehova wabe esethi kuMose: **2** "Yala ama-Israyeli, uthi kuwo, 'Kufanele niqikelele ukuba ningilethele umnikelo wami, isinkwa sami. Iminikelo yami eshiswa emlilweni ukuba ibe iphunga elimnandi* kimi kumele yenziwe ngezikhathi zayo ezimisiwe.'[c]

**3** "Uyothi kuwo, 'Lona umnikelo oshiswa emlilweni eniyowuletha kuJehova: amawundlu amabili angamaduna aphile kahle anonyaka owodwa ubudala, usuku ngalunye, abe umnikelo oshiswayo njalo.[d] **4** Elinye iwundlu leduna uyolinikela ekuseni, elinye ulinikele uma sekuhwalele,*[e] **5** kanye nokweshumi kwe-efa* likafulawa ocolekile kube umnikelo wokudla okusanhlamvu oxutshwe nokwesine kwehini# lamafutha aphehliwe, kube umnikelo wokudla okusanhlamvu.[f] **6** Kuwumnikelo oshiswayo owenziwa njalo,[g] owaqala ukunikelwa eNtabeni iSinayi njengephunga elimnandi,* umnikelo oya kuJehova oshiswa emlilweni, **7** kanye nomnike-

28:2, 6 *Noma, "elanelisayo; elizolisayo." NgesiHebheru, "elizolile." 28:4 *NgesiHebheru, "phakathi kokuhlwa okubili." 28:5 *Okweshumi kwe-efa kwakulingana no-2,2 L. Bheka iSithasiselo B14. #Ihini lalilingana no-3,67 L. Bheka iSithasiselo B14.

ISAHL. 27
a Num 33:47; Dut 32:48, 49
b Gen 13:14, 15; Dut 3:27; Dut 32:52; Dut 34:1
c Num 31:2; Dut 34:7
d Num 20:24, 28; Num 33:38; Dut 10:6; Dut 32:50
e Num 20:10, 12; Dut 1:37
f Hu 106:32, 33
g Dut 1:2
h Jos 15:1
i Dut 34:9; IzE 6:5, 6
j Dut 31:7
k Dut 1:38; Dut 31:3; Dut 34:10
l Jos 1:17
m Eks 28:30; 1Sa 23:9; 1Sa 28:6; Neh 7:65

Uhla 2
a Num 27:18
b Dut 3:28; Dut 31:14, 23

ISAHL. 28
c 2Kr 8:13; Neh 10:32, 33
d Eks 29:38; Lev 6:9; Hez 46:15
e Eks 29:39
f Eks 29:40; Num 15:4
g Eks 29:38, 42; 2Kr 2:4; Ezr 3:3

lo wawo ophuzwayo, okwesine kwehini, ohambisana newundlu ngalinye leduna.[a] Thululela endaweni engcwele utshwala bube umnikelo ophuzwayo oya kuJehova. **8** Elinye iwundlu leduna uyolinikela uma sekuhwalele.* Uyolinikela nomnikelo wokudla okusanhlamvu ofanayo nowenziwe ekuseni nomnikelo walo ophuzwayo ofanayo, uyolinikela libe umnikelo oshiswa emlilweni ube iphunga elimnandi# kuJehova.[b]

**9** “‘Nokho, ngosuku lweSabatha[c] kufanele kunikelwe ngamawundlu amabili eduna aphile kahle anonyaka owodwa ubudala nezingxenye ezimbili eshumini ze-efa likafulawa ocolekile oxutshwe namafutha kube umnikelo wokudla okusanhlamvu kanye nomnikelo wawo ophuzwayo. **10** Lona umnikelo oshiswayo wangeSabatha kanye nomnikelo oshiswayo owenziwa njalo nomnikelo wawo ophuzwayo.[d]

**11** “‘Ekuqaleni kwenyanga ngayinye* niyoletha kuJehova amathole amabili eduna, inqama eyodwa namawundlu ayisikhombisa angamaduna aphile kahle, ngalinye elinonyaka owodwa ubudala, kube umnikelo oshiswayo,[e] **12** nezilinganiso ezintathu eshumini zikafulawa ocolekile oxutshwe namafutha kube umnikelo wokudla okusanhlamvu[f] ngeduna ngalinye lenkomo, nezilinganiso ezimbili eshumini zikafulawa ocolekile oxutshwe namafutha kube umnikelo wokudla okusanhlamvu waleyo nqama eyodwa,[g] **13** nesilinganiso sokweshumi sikafulawa ocolekile oxutshwe namafutha kube umnikelo wokudla okusanhlamvu ngewundlu ngalinye leduna, kube umnikelo oshiswayo, iphunga elimnandi,#[a] umnikelo oshiswa emlilweni oya kuJehova. **14** Iminikelo yayo ephuzwayo kufanele kube uhhafu wehini lewayini ngenkunzi[b] nengxenye yesithathu yehini ngenqama[c] nengxenye yesine yehini ngewundlu leduna.[d] Lona umnikelo oshiswayo okufanele ulethwe inyanga nenyanga onyakeni. **15** Kufanele kunikelwe nangezinyane elilodwa lembuzi libe umnikelo wesono oya kuJehova ngaphezu komnikelo oshiswayo owenziwa njalo kanye nomnikelo wawo ophuzwayo.

**16** “‘Ngenyanga yokuqala, ngosuku luka-14 lwenyanga, kuyoba iPhasika likaJehova.[e] **17** Ngosuku luka-15 lwale nyanga kuyoba nomkhosi. Izinsuku eziyisikhombisa kuyodliwa isinkwa esingenamvubelo.[f] **18** Ngosuku lokuqala kuyoba nomhlangano ongcwele. Akumele nenze umsebenzi okhandlayo. **19** Kumele nilethe kuJehova amathole amabili eduna, inqama eyodwa namawundlu ayisikhombisa angamaduna ngalinye elinonyaka owodwa ubudala kube umnikelo oshiswayo, oshiswa emlilweni. Kufanele ninikele ngezilwane eziphile kahle.[g] **20** Kufanele nikunikele neminikelo yako yokudla okusanhlamvu kafulawa ocolekile oxutshwe namafutha,[h] izilinganiso ezintathu eshumini ngenkunzi nezilinganiso ezimbili eshumini ngenqama. **21** Niyonikela ngesilinganiso sokweshumi ngokufanayo ngewundlu ngalinye leduna

---

**28:8** *NgesiHebheru, “phakathi kokuhlwa okubili.” **28:8, 13** #Noma, “elanelisayo; elizolisayo.” NgesiHebheru, “elizolile.” **28:11** *NgesiHebheru, “kwezinyanga zenu.”

ISAHL. 28
- a Eks 29:39, 40
- b Eks 29:41
- c Eks 16:29; Eks 20:10; Hez 20:12
- d Num 28:3, 7
- e Num 10:10; 1Kr 23:31; 2Kr 2:4; Neh 10:32, 33
- f Lev 2:11
- g Lev 1:10

Uhla 2
- a Lev 1:10, 13
- b Num 15:8, 10
- c Num 15:6, 7
- d Num 15:5
- e Eks 12:14; Lev 23:5; Dut 16:1; Hez 45:21; 1Ko 5:7
- f Eks 12:15; Lev 23:6; 1Ko 5:8
- g Lev 22:20, 22; Dut 15:21
- h Lev 2:1

kula mawundlu angamaduna ayisikhombisa, **22** kanye nembuzi eyodwa ibe umnikelo wesono ukuze inenzele isihlawulelo. **23** Ngaphandle komnikelo oshiswayo wasekuseni, ongowomnikelo oshiswayo owenziwa njalo, nizonikela nalokhu. **24** Niyonikela ngalokhu ngendlela efanayo usuku ngalunye izinsuku eziyisikhombisa njengokudla,* umnikelo oshiswa emlilweni ube iphunga elimnandi# kuJehova. Kufanele unikelwe kanye nomnikelo oshiswayo owenziwa njalo, kanye nomnikelo wawo ophuzwayo. **25** Ngosuku lwesikhombisa kufanele nibe nomhlangano ongcwele.[a] Akumele nenze umsebenzi okhandlayo.[b]

**26** "'Ngosuku lwezithelo zokuqala ezivuthiwe,[c] lapho niletha umnikelo omusha wokudla okusanhlamvu kuJehova,[d] kufanele nibe nomhlangano ongcwele ngomkhosi wesivuno.[e] Akumele nenze umsebenzi okhandlayo.[f] **27** Niyoletha amathole amabili eduna, inqama eyodwa namawundlu ayisikhombisa angamaduna, ngalinye elinonyaka owodwa ubudala, kube umnikelo oshiswayo oyiphunga elimnandi# kuJehova,[g] **28** nanjengomnikelo wako wokudla okusanhlamvu kafulawa ocolekile oxutshwe namafutha, izilinganiso ezintathu eshumini ngenkunzi ngayinye, izilinganiso ezimbili eshumini ngenqama eyodwa, **29** isilinganiso esisodwa sokweshumi ngokufanayo ngewundlu ngalinye leduna kula mawundlu ayisikhombisa angamaduna, **30** kanye nezinyane elilodwa lembuzi ukuze linenzele isihlawulelo.[a] **31** Niyowunikela ngaphandle komnikelo oshiswayo owenziwa njalo nomnikelo wawo wokudla okusanhlamvu. Kufanele kube izilwane eziphile kahle[b] kanye neminikelo yako ephuzwayo.

**29** "'Ngenyanga yesikhombisa, ngosuku lokuqala lwenyanga, kufanele nibe nomhlangano ongcwele. Akumele nenze umsebenzi okhandlayo.[c] Kuwusuku okufanele nishaye ngalo icilongo.[d] **2** Niyonikela ngethole elilodwa leduna, inqama eyodwa namawundlu angamaduna ayisikhombisa, ngalinye elinonyaka owodwa ubudala, konke kube okuphile kahle, kube umnikelo oshiswayo oyiphunga elimnandi# kuJehova, **3** nomnikelo wako wokudla okusanhlamvu kafulawa ocolekile oxutshwe namafutha, izilinganiso ezintathu eshumini ze-efa ezihambisana nenkunzi, izilinganiso ezimbili eshumini ezihambisana nenqama, **4** nesilinganiso esisodwa eshumini ngewundlu leduna ngalinye emawundlwini angamaduna ayisikhombisa, **5** nezinyane lembuzi leduna elilodwa libe umnikelo wesono wokunenzela isihlawulelo. **6** Niyonikela ngalokhu ngaphandle komnikelo oshiswayo wanyanga zonke nomnikelo wawo wokudla okusanhlamvu[e] nomnikelo oshiswayo owenziwa njalo nomnikelo wawo wokudla okusanhlamvu,[f] kanye neminikelo yako ephuzwayo,[g] ngokwenqubo yayo evamile, njengephunga elimnandi,# umnikelo oshiswa emlilweni oya kuJehova.

**7** "'Ngosuku lweshumi lwale nyanga yesikhombisa kufanele nibe nomhlangano ongcwe-

---

**28:24** *NgesiHebheru, "njengesinkwa."
**28:24, 27; 29:2, 6** #Noma, "elanelisayo; elizolisayo." NgesiHebheru, "elizolile."

ISAHL. 28
a Eks 13:6
b Eks 12:16; Lev 23:8; Dut 16:8
c Eks 23:16
d Lev 23:15, 16
e Eks 34:22; Dut 16:10; IzE 2:1
f Lev 23:16, 21
g Lev 23:16, 18

Uhla 2
a Lev 23:16, 19
b Lev 1:3

ISAHL. 29
c Lev 23:24, 25
d Num 10:2; Hu 81:3
e Num 28:11-13
f Num 28:3, 5
g Num 28:6, 7

le,[a] futhi kumele nidabuke.*
Akumele nenze noma yimu-
phi umsebenzi.[b] **8** Niyonikela
ngethole elilodwa leduna, inqa-
ma eyodwa namawundlu anga-
maduna ayisikhombisa, nga-
linye elinonyaka owodwa ubu-
dala, kube umnikelo oshiswa-
yo oya kuJehova, iphunga eli-
mnandi,* konke kube okuphile
kahle.[c] **9** Umnikelo wawo wo-
kudla okusanhlamvu kafulawa
ocolekile oxutshwe namafutha
yizilinganiso ezintathu eshumi-
ni ngeduna, izilinganiso ezi-
mbili eshumini ngenqama eyo-
dwa, **10** isilinganiso esisodwa
sokweshumi ngokufanayo nge-
wundlu leduna ngalinye ema-
wundlwini angamaduna ayisi-
khombisa, **11** kanye nezinya-
ne lembuzi elilodwa libe umni-
kelo wesono, ngaphandle ko-
mnikelo wesono wesihlawule-
lo[d] nomnikelo oshiswayo owe-
nziwa njalo nomnikelo wawo
wokudla okusanhlamvu, kanye
neminikelo yako ephuzwayo.

**12** "'Ngosuku luka-15 lwe-
nyanga yesikhombisa kufane-
le nibe nomhlangano ongcwe-
le. Akumele nenze umsebe-
nzi okhandlayo futhi kume-
le nigubhele uJehova umkho-
si izinsuku eziyisikhombisa.[e]
**13** Kumele ninikele ngamatho-
le eduna angu-13, izinqama ezi-
mbili namawundlu angamadu-
na angu-14, ngalinye elinonyaka
owodwa ubudala, kube umni-
kelo oshiswayo,[f] umnikelo oshi-
swa emlilweni oyiphunga eli-
mnandi* kuJehova, konke kube
okuphile kahle.[g] **14** Umnike-
lo wawo wokudla okusanhla-
mvu kafulawa ocolekile oxu-
tshwe namafutha uyizilingani-
so ezintathu eshumini ngenku-
nzi ngayinye kulezi zinkunzi
ezingu-13, izilinganiso ezimbili
eshumini ngenqama ngayinye
ezinqameni ezimbili, **15** nesi-
linganiso esisodwa sokweshu-
mi ngewundlu ngalinye ledu-
na kula mawundlu angamadu-
na angu-14, **16** kanye nezinya-
ne lembuzi elilodwa libe umni-
kelo wesono, ngaphandle ko-
mnikelo oshiswayo owenziwa
njalo, umnikelo wawo woku-
dla okusanhlamvu nomnikelo
wawo ophuzwayo.[a]

**17** "'Ngosuku lwesibili ama-
thole eduna angu-12, izinqa-
ma ezimbili namawundlu
angamaduna angu-14, ngali-
nye elinonyaka owodwa ubu-
dala, konke kube okuphile ka-
hle,[b] **18** nomnikelo wako wo-
kudla okusanhlamvu neminike-
lo yako ephuzwayo ehambisa-
na nezinkunzi, izinqama nama-
wundlu angamaduna ngokwesi-
balo sako ngokwenqubo evami-
le, **19** kanye nezinyane le-
mbuzi elilodwa libe umnikelo
wesono, ngaphandle komnike-
lo oshiswayo owenziwa njalo
nomnikelo wawo wokudla oku-
sanhlamvu, kanye neminikelo
yayo ephuzwayo.[c]

**20** "'Ngosuku lwesithathu
izinkunzi ezingu-11, izinqama
ezimbili namawundlu angama-
duna angu-14 ngalinye eli-
nonyaka owodwa ubudala, ko-
nke kube okuphile kahle,[d]
**21** nomnikelo wako woku-
dla okusanhlamvu neminikelo
yako ephuzwayo ehambisana
nezinkunzi, izinqama namawu-
ndlu angamaduna ngokwesiba-
lo sako ngokwenqubo evamile,
**22** kanye nembuzi eyodwa ibe
umnikelo wesono, ngaphandle

---

**29:7** *Noma, "imiphefumulo yenu idabuke." "Ukudabuka" kuvame ukuqondwa njengokusho izinhlobo ezihlukahlukene zokuzincisha, kuhlanganise nokuzila ukudla. **29:8, 13** *Noma, "elanelisayo; elizolisayo." NgesiHebheru, "elizolile."

ISAHL. 29
a Lev 16:29
b Lev 23:27-31
c Lev 1:3; Lev 22:22; Dut 15:21; Dut 17:1
d Lev 16:3
e Eks 23:16; Lev 23:34-36; Dut 16:13-15; Neh 8:14-18
f Ezr 3:4
g Lev 22:22; Dut 17:1

Uhla 2
a Num 28:3-8
b Lev 22:22; Dut 17:1
c Num 28:3-8
d Lev 22:22; Dut 17:1

komnikelo oshiswayo owenzi-
wa njalo nomnikelo wawo wo-
kudla okusanhlamvu nomnike-
lo wawo ophuzwayo.[a]
**23** "'Ngosuku lwesine izi-
nkunzi eziyishumi, izinqama
ezimbili namawundlu angama-
duna angu-14 ngalinye eli-
nonyaka owodwa ubudala, ko-
nke kube okuphile kahle,[b]
**24** umnikelo wako woku-
dla okusanhlamvu neminike-
lo yako ephuzwayo ehambisa-
na nezinkunzi, izinqama nama-
wundlu angamaduna ngokwe-
sibalo sako ngokwenqubo eva-
mile, **25** kanye nezinyane le-
mbuzi elilodwa libe umnikelo
wesono, ngaphandle komnike-
lo oshiswayo owenziwa njalo,
umnikelo wawo wokudla oku-
sanhlamvu nomnikelo wawo
ophuzwayo.[c]
**26** "'Ngosuku lwesihlanu izi-
nkunzi ezingu-9, izinqama ezi-
mbili, amawundlu angamadu-
na angu-14 ngalinye elinonyaka
owodwa ubudala, konke kube
okuphile kahle,[d] **27** nomnike-
lo wako wokudla okusanhla-
mvu neminikelo yako ehambi-
sana nezinkunzi, izinqama na-
mawundlu angamaduna ngo-
kwesibalo sako ngokwenqubo
evamile, **28** kanye nembuzi
eyodwa ibe umnikelo wesono,
ngaphandle komnikelo oshi-
swayo owenziwa njalo nomni-
kelo wawo wokudla okusanhla-
mvu nomnikelo wawo ophu-
zwayo.[e]
**29** "'Ngosuku lwesithupha
izinkunzi ezingu-8, izinqama
ezimbili, amawundlu angama-
duna angu-14, ngalinye elino-
nyaka owodwa ubudala, konke
kube okuphile kahle,[f] **30** no-
mnikelo wako wokudla oku-
sanhlamvu neminikelo yako
ephuzwayo ehambisana ne-
zinkunzi, izinqama namawu-
ndlu angamaduna ngokwesiba-
lo sako ngokwenqubo evamile,
**31** kanye nembuzi eyodwa ibe
umnikelo wesono, ngaphandle
komnikelo oshiswayo owenzi-
wa njalo, umnikelo wawo woku-
dla okusanhlamvu, neminikelo
yawo ephuzwayo.[a]
**32** "'Ngosuku lwesikhombi-
sa izinkunzi eziyisikhombi-
sa, izinqama ezimbili, amawu-
ndlu angamaduna angu-14 nga-
linye elinonyaka owodwa ubu-
dala, konke kube okuphile ka-
hle,[b] **33** nomnikelo wako wo-
kudla okusanhlamvu neminike-
lo yako ephuzwayo ehambisa-
na nezinkunzi, izinqama nama-
wundlu angamaduna ngokwesi-
balo sako ngokwenqubo evami-
le ngako, **34** kanye nembuzi
eyodwa ibe umnikelo wesono,
ngaphandle komnikelo oshi-
swayo owenziwa njalo, umni-
kelo wawo wokudla okusanhla-
mvu nomnikelo wawo ophu-
zwayo.[c]
**35** "'Ngosuku luka-8 kufane-
le nibe nomhlangano onesizo-
tha. Akufanele nenze umsebe-
nzi okhandlayo.[d] **36** Niyoni-
kela ngenkunzi eyodwa, inqa-
ma eyodwa, amawundlu anga-
maduna ayisikhombisa ngali-
nye elinonyaka owodwa ubu-
dala, kube umnikelo oshiswa-
yo, umnikelo oshiswa emlilwe-
ni oyiphunga elimnandi* kuJe-
hova, konke kube okuphi-
le kahle,[e] **37** nomnikelo wako
wokudla okusanhlamvu nemi-
nikelo yako ephuzwayo eha-
mbisana nenkunzi, inqama na-
mawundlu angamaduna ngo-
kwesibalo sako ngokwenqubo
evamile, **38** kanye nembuzi
eyodwa ibe umnikelo wesono,
ngaphandle komnikelo oshi-

**ISAHL. 29**
*a* Num 28:3-8
*b* Lev 22:22; Dut 17:1
*c* Num 28:3-8
*d* Dut 15:21; Dut 17:1
*e* Num 28:3-8
*f* Lev 22:22; Dut 17:1

**Uhla 2**
*a* Num 28:3-8
*b* Lev 22:22; Dut 17:1
*c* Num 28:3-8
*d* Lev 23:36, 39
*e* Lev 22:22; Dut 17:1

**29:36** * Noma, "elanelisayo; elizolisayo." NgesiHebheru, "elizolile."

swayo owenziwa njalo nomnikelo wawo wokudla okusanhlamvu nomnikelo wawo ophuzwayo.[a]

**39** “‘Lena niyoyinikela kuJehova emikhosini yenu yangezinkathi ezithile,[b] ngaphandle kweminikelo yenu ethenjiswe ngesifungo[c] neminikelo yenu yokuzithandela[d] ibe iminikelo yenu eshiswayo[e] neminikelo yenu yokudla okusanhlamvu[f] neminikelo yenu ephuzwayo[g] nemihlatshelo yenu ehlanganyelwayo.’”[h] **40** UMose watshela ama-Israyeli konke uJehova ayemyale ngakho.

**30** Ngemva kwalokho uMose wakhuluma nezinhloko[i] zezizwe zakwa-Israyeli, wathi: “Nakhu uJehova akuyalile: **2** Uma umuntu enza isithembiso[j] kuJehova noma enza isifungo[k] sokuzila into ethile, kumele alifeze izwi lakhe.[l] Kufanele akwenze konke akuthembisile.[m]

**3** “Uma owesifazane enza isithembiso kuJehova noma enza isithembiso sokuzila into ethile lapho esemusha futhi ehlala endlini kayise, **4** bese uyise esizwa isithembiso sakhe noma isithembiso sakhe sokuzila into ethile asenzile, kodwa uyise angasiphikisi, zonke izithembiso zakhe ziyombopha futhi zonke izithembiso zakhe zokuzila okuthile azenzile ziyombopha. **5** Kodwa uma uyise emnqabela lapho ezwa ukuthi wenze izithembiso noma izithembiso zokuzila into ethile, ngeke zimbophe. UJehova uyomthethelela ngoba uyise umenqabele.[n]

**6** “Nokho, uma kwenzeka eshada esengaphansi kwesithembiso sakhe noma isithembiso asenze ngokuphamazela **7** bese umyeni wakhe ezwa ngaso kodwa angasiphikisi ngosuku asizwa ngalo, izithembiso zakhe noma izithembiso zakhe azenzile zokuzila into ethile ziyombopha. **8** Kodwa uma umyeni wakhe emenqabela ngosuku asizwa ngalo, angase asenze sibe yize leso sithembiso noma isithembiso asenze ngokuphamazela[a] futhi uJehova uyomthethelela.

**9** “Kodwa uma umfelokazi noma owesifazane odivosile enza isithembiso, zonke izithembiso azenzile ziyombopha.

**10** “Nokho, uma owesifazane enza isithembiso noma isithembiso sokuzila into ethile **11** futhi umyeni wakhe esizwile kodwa wangasiphikisa noma wangamenqabela, zonke izithembiso zakhe ziyombopha, nanoma yisiphi isithembiso sokuzila into ethile asenzile siyombopha. **12** Kodwa uma umyeni wakhe ezenze zaba yize ngokuphelele ngosuku ezwa ngalo noma yiziphi izithembiso zakhe noma isithembiso sokuzila into ethile afunge ukuthi uzosenza, ngeke zimbophe.[b] Umyeni wakhe uzenze zaba yize futhi uJehova uyomthethelela. **13** Mayelana nanoma yisiphi isithembiso nanoma yisiphi isifungo esihlanganisa isithembiso sokuzila into ethile ngenjongo yokuzincisha, umyeni wakhe kufanele anqume ukuthi uzosifeza yini isithembiso sakhe noma kufanele asenze sibe yize. **14** Kodwa uma umyeni wakhe engasiphikisi nhlobo usuku nosuku, usemvumele ukuba afeze zonke izithembiso zakhe noma zonke izithembiso zakhe zokuzila into ethile eziphezu kwakhe futhi kufanele azifeze. Umvumele ukuba enze lokhu ngoba akaziphikisanga

**ISAHL. 29**
*a* Num 28:3-8
*b* Lev 23:2; Dut 16:16
*c* Dut 12:5, 6
*d* Lev 7:16; Lev 22:21
*e* Lev 1:3
*f* Lev 2:1
*g* Num 15:5
*h* Lev 3:1

**ISAHL. 30**
*i* Eks 18:25
*j* Gen 28:20-22; Hlu 11:30, 31
*k* Hu 132:1-5
*l* Dut 23:21; Hu 116:14; Hu 119:106; Shu 5:4; Mat 5:33
*m* Hu 50:14; Hu 66:13
*n* Eks 20:12

**Uhla 2**
*a* Rom 7:2; 1Ko 11:3; Efe 5:22
*b* 1Ko 11:3; 1Pe 3:1

ngosuku amuzwa ngalo ezenza.
15 Kodwa uma kamuva ezenza
zibe yize, ngemva kwesikhathi esithile kudlule usuku azizwa ngalo, umyeni wakhe uyothwala imiphumela yecala lomkakhe.[a]

16 "Lezi yiziqondiso uJehova ayala ngazo uMose eziphathelene nendoda nomkayo, neziphathelene nobaba nendodakazi yakhe eseyintsha ehlala endlini yakhe."

**31** UJehova wabe esethi kuMose:
2 "Phindiselela[b] ama-Israyeli kwabakwaMidiyani.[c] Ngemva kwalokho uyokufa."*[d]

3 Ngakho uMose wakhuluma nabantu, wathi: "Hlomisani amadoda phakathi kwenu ukuze aye empini* ayokulwa noMidiyani akhiphe nempindiselo kaJehova kuMidiyani.
4 Kufanele nithumele empini abantu abangu-1 000 besizwe ngasinye kuzo zonke izizwe zakwa-Israyeli."
5 Ngakho ezinkulungwaneni zakwa-Israyeli,[e] kwathathwa* abangu-1 000 esizweni ngasinye, abantu abangu-12 000 abalungele impi.#

6 Ngemva kwalokho uMose wabathumela empini, abangu-1 000 besizwe ngasinye, behamba noFinehasi[f] indodana ka-Eleyazare umpristi, owayephethe izinto ezingcwele namacilongo okuhlaba umkhosi.[g]
7 Balwa noMidiyani, njengoba nje uJehova ayemyalile uMose, babulala bonke abesilisa.
8 Ngaphandle kwalaba ababulawa, babulala namakhosi akwaMidiyani, u-Evi, uRekemi, uZuri, uHure noRebha, amakhosi amahlanu akwaMidiyani. Babulala noBhalami[a] indodana kaBheyori ngenkemba.
9 Kodwa ama-Israyeli athumba abesifazane nezingane bakwaMidiyani. Aphanga nazo zonke izilwane zabo ezifuywayo, yonke imfuyo yabo nayo yonke impahla yabo.
10 Ashisa ngomlilo wonke amadolobha abo ababehlala kuwo nazo zonke izindawo ababemise kuzo amatende.*
11 Athatha yonke impango nayo yonke impahla edliwe, abantu nezilwane.
12 Abe eseletha izithunjwa, impahla edliwe nempango kuMose naku-Eleyazare umpristi nasenhlanganweni yama-Israyeli, ekamu elisemathafeni awugwadule akwaMowabi,[b] ngaseJordani eJeriko.

13 UMose no-Eleyazare umpristi nazo zonke izikhulu zenhlangano baphuma bawahlangabeza ngaphandle kwekamu.
14 Kodwa uMose wawathukuthelela amadoda amisiwe ayehola amabutho alwayo, izinduna zamadoda ayizinkulungwane nezinduna zamadoda angamakhulu, ayevela empini.
15 UMose wathi kuwo: "Ingabe nibasindise bonke abesifazane?
16 Phela yibona okwathi ngezwi likaBhalami, babangela ukuba ama-Israyeli angathembeki[c] kuJehova ngokuphathelene nendaba yasePheyori,[d] kangangokuba inhlangano kaJehova yehlelwa isishayo.[e]
17 Manje kufanele nibulale zonke izingane zesilisa, nibulale nabo bonke abesifazane abaye balala nomuntu wesilisa.
18 Kodwa ningawasindisa wonke amantombazane

---

31:2 *NgesiHebheru, "uyobuthelwa kubantu bakini." Lena inkulumo esankondlo emayelana nokufa. 31:3 *Noma, "ukuze abe ibutho." 31:5 *Noma, "kwabuthwa." #Noma, "abalungele ukuba ibutho."

31:10 *Noma, "amakamu abiyelwe."

---

ISAHL. 30
a Dut 23:21

ISAHL. 31
b Hu 94:1; Isay 1:24; Nah 1:2
c Num 22:7; Num 25:1-3; Num 25:17, 18; 1Ko 10:8; IsA 2:14
d Num 27:12, 13; Dut 32:48-50
e Num 26:51
f Num 25:7, 8
g Num 10:2, 9

Uhla 2
a Num 22:12; 2Pe 2:15; IsA 2:14
b Num 22:1
c Num 25:1, 2; IsA 2:14
d Num 25:17, 18; Dut 4:3; Jos 22:17
e Num 25:9; 1Ko 10:8

angakaze alale nomuntu wesili-
sa.[a] **19** Kufanele nimise ama-
tende ngaphandle kwekamu
izinsuku eziyisikhombisa. Wo-
nke umuntu obulele umuntu
nawo wonke umuntu oye wa-
thinta umuntu obulewe,[b] ku-
fanele azihlanze[c] ngosuku lwe-
sithathu nangosuku lwesikho-
mbisa, nina nezithunjwa zenu.
**20** Zonke izingubo, zonke izi-
nto zesikhumba, konke okwe-
nziwe ngoboya bembuzi nazo
zonke izinto zokhuni kufanele
nikuhlanze esonweni."

**21** U-Eleyazare umpristi wa-
be esethi ebuthweni elaliye
empini: "Yilona umthetho uJe-
hova ayala ngawo uMose,
**22** 'Kuphela yigolide, isiliva,
ithusi, insimbi, ithini nomthofu,
**23** konke okungashi uma kufa-
kwa emlilweni, okufanele niku-
shise emlilweni, kuyobe seku-
hlanzeka. Nokho, kufanele ku-
hlanzwe nangamanzi okuhla-
nza.[d] Konke okushayo uma ku-
fakwa emlilweni, kufanele niku-
dlulise emanzini. **24** Kufanele
niwashe izingubo zenu ngosuku
lwesikhombisa nihlanzeke, nge-
mva kwalokho ningangena eka-
mu.'"[e]

**25** UJehova wathi kuMose:
**26** "Bala impahla edliwe, uba-
le izithunjwa kokubili ezaba-
ntu nezezilwane; lokhu
kwenze no-Eleyazare um-
pristi nezinhloko zoyise be-
nhlangano. **27** Impahla edli-
we yihlukanise kabili uyi-
hlukanisele labo abalwe empi-
ni nayo yonke inhlangano.[f]
**28** Kufanele uthathe emaso-
sheni aye empini umphefu-
mulo* owodwa kwengu-500,
kubantu, emhlanjini wezinko-
mo, ezimbongolweni nasemhla-
njini wezimvu nezimbuzi, kube
intela kuJehova. **29** Kufane-
le niyithathe engxenyeni yabo
uyinike u-Eleyazare umpri-
sti njengomnikelo kaJehova.[a]
**30** Engxenyeni enikwe ama-
Israyeli, kufanele uthathe oku-
kodwa kokungu-50, kubantu,
emhlanjini wezinkomo, ezi-
mbongolweni, emhlanjini wezi-
mvu nezimbuzi, nakuzo zonke
izinhlobo zezilwane ezifuywa-
yo, ukunike amaLevi[b] enza imi-
sebenzi ephathelene netabe-
rnakele likaJehova."[c]

**31** Ngakho uMose no-Ele-
yazare umpristi benza nje-
ngoba nje uJehova ayemyali-
le uMose. **32** Impahla edli-
we, yonke impango abantu
ababeye empini ababeyitha-
thile, yaba umhlambi wezi-
mvu nezimbuzi ongu-675 000,
**33** umhlambi wezinkomo ongu-
72 000, **34** nezimbongolo ezi-
ngu-61 000. **35** Abesifazane
ababengakaze balale nowesili-
sa[d] babengu-32 000. **36** Ingxe-
nye eyayiyisabelo salabo aba-
ya empini yayingumhlambi we-
zimvu nezimbuzi ongu-337
500. **37** Intela kaJehova eve-
la emhlanjini wezimvu nezi-
mbuzi yaba ngu-675. **38** Em-
hlanjini wezinkomo kwakukho-
na ezingu-36 000, kuzo inte-
la kaJehova yaba ezingu-72.
**39** Izimbongolo zazingu-30 500,
kuzo intela kaJehova yaba
ezingu-61. **40** Kwakunabantu
abangu-16 000, kubo intela ka-
Jehova yayingabantu abangu-
32. **41** Ngakho uMose wayini-
ka u-Eleyazare umpristi le ntela
yaba umnikelo kaJehova,[e] nje-
ngoba nje uJehova ayemyalile
uMose.

**42** Engxenyeni eyayingeya-
ma-Israyeli, uMose ayeyi-
hlukanise kuleyo engeyama-
doda ayelwe empini, **43** leyo

31:28 *Bheka uHlu Lwezincazelo Zama-
gama.

ISAHL. 31
a Num 31:35
b Num 5:2
Num 19:11, 16
c Num 19:20
d Num 19:9
e Num 19:19, 20
f Jos 22:7, 8
1Sa 30:24

Uhla 2
a Num 18:20, 29
b Dut 12:19
c Num 3:6, 7
Num 18:2, 3
1Kr 23:32
d Num 31:18
e Num 18:8, 19

ngxenye yomhlambi wezimvu
nezimbuzi yaba ngu-337 500,
**44** umhlambi wezinkomo wa-
wungu-36 000, **45** izimbongo-
lo zazingu-30 500, **46** abantu
babengu-16 000. **47** Engxe-
nyeni engeyama-Israyeli uMose
wathatha okukodwa kokungu-
50, kubantu nasezilwaneni, wa-
kunika amaLevi,[a] ayenza imise-
benzi ephathelene netaberna-
kele likaJehova,[b] njengoba nje
uJehova ayemyalile uMose.

**48** Amadoda amisiwe aye-
hola amadoda empi ayizinku-
lungwane,[c] izinduna zamado-
da ayizinkulungwane nezindu-
na zamadoda angamakhulu,
aya kuMose, **49** athi kuMo-
se: "Izinceku zakho zibale
amadoda empi esiwaphathisi-
we, akukho neyodwa okubi-
kwe ukuthi ayikho phakathi
kwethu.[d] **50** Ngakho sivumele
ukuba ngamunye wethu alethe
lokho akutholile ukuze kube
umnikelo kaJehova, izinto ze-
golide, okokuhloba kwasema-
qakaleni, amabhengela, izinda-
ndatho ezinophawu, amacici,
nezinye izinto zokuhloba, uku-
ze sizenzele* isihlawulelo pha-
mbi kukaJehova."

**51** Ngakho uMose no-Eleya-
zare umpristi bamukela igolide
kuwo, zonke izinto zokuhloba.
**52** Lonke igolide lomnikelo
abalinikela kuJehova laba ama-
shekeli* angu-16 750, livela ezi-
nduneni zamadoda ayizinkulu-
ngwane nasezinduneni zama-
doda angamakhulu. **53** Indo-
da yempi ngayinye yayizitha-
thele impango. **54** UMose no-
Eleyazare umpristi balamuke-
la igolide ezinduneni zamadoda
ayizinkulungwane nezamadoda
angamakhulu balilethe etende-

---

**31:50** *Noma, "senzele imiphefumulo yethu." **31:52** *Ishekeli lalilingana no-11,4 g. Bheka iSithasiselo B14.

ni lokuhlangana njengesikhu-
mbuzo kubantu bakwa-Israyeli
phambi kukaJehova.

**32** Manje abantwana bakwa-
Rubeni[a] nabantwana ba-
kwaGadi[b] babenemfuyo eni-
ngi kakhulu, babona ukuthi
izwe laseJazeri[c] nelakwaGile-
yadi ayeyindawo ekahle yo-
kufuya. **2** Ngakho abantwa-
na bakwaGadi nabantwana ba-
kwaRubeni baya kuMose,
u-Eleyazare umpristi nasezi-
khulwini zenhlangano bafi-
ke bathi: **3** "I-Atharoti, iDibo-
ni, iJazeri, iNimra, iHeshibho-
ni,[d] i-Eliyale, iSebamu, iNebo[e]
neBheyoni,[f] **4** izindawo uJe-
hova azinqoba phambi kwe-
nhlangano yakwa-Israyeli,[g] ziyi-
zindawo ezikahle zemfuyo fu-
thi izinceku zakho zinemfuyo
eningi."[h] **5** Baqhubeka bathi:
"Uma sithole umusa kuwe, le
ndawo mayinikwe izinceku za-
kho njengefa. Ungasiwelisi iJo-
rdani."

**6** UMose wathi kubantwana
bakwaGadi nakubantwana ba-
kwaRubeni: "Ingabe abafowe-
nu bazoya empini nina nibe ni-
qhubeka nihleli lapha? **7** Ku-
ngani kufanele nibaqede ama-
ndla abantu bakwa-Israyeli uku-
ba bangaweleli ezweni uJeho-
va azobanika lona nakanjani?
**8** Yilokho oyihlo abakwenza la-
pho ngibathuma ukuba bayobo-
na izwe besuka eKadeshi-bari-
neya.[i] **9** Lapho benyukela eSi-
godini* Sase-Eshikoli[j] futhi be-
bona izwe, babaqeda ama-
ndla abantu bakwa-Israyeli uku-
ze bangangeni ezweni uJeho-
va ayezobanika lona.[k] **10** Nga-
lolo suku intukuthelo kaJehova
yavutha waze wafunga,[l] wathi:
**11** 'Amadoda akhuphuka ephu-
ma eGibhithe asukela eminya-

---

**32:9** *Noma, "eMhosheni."

ISAHL. 31
a Dut 12:19
b Num 3:6, 7; Num 18:2, 3; 1Kr 23:32
c Num 31:4
d Eks 23:27; Lev 26:7, 8

Uhla 2

ISAHL. 32
a Num 26:7
b Num 26:18
c Num 21:32
d Num 21:26
e Num 33:47
f Num 32:37, 38
g Num 21:23, 24; Dut 2:24
h Dut 2:35
i Num 13:31; Jos 14:7, 8
j Num 13:23; Dut 1:24
k Num 13:32; Dut 1:26-28
l Hu 95:11; Hez 20:15; Heb 3:18

keni engu-20 ubudala kuya phe-
zulu ngeke alibone izwe[a] enga-
funga ukulinika u-Abrahama,
u-Isaka noJakobe,[b] ngoba awa-
zange angilandele ngenhliziyo
ephelele— **12** ngaphandle ku-
kaKalebi[c] indodana kaJefune
umKhenizi noJoshuwa[d] indo-
dana kaNuni, ngoba baye ba-
landela uJehova ngenhliziyo
ephelele.'[e] **13** Ngakho intuku-
thelo kaJehova yamvuthela u-
Israyeli wamenza wazulazu-
la ehlane iminyaka engu-40,[f]
saze saphela sonke isizuku-
lwane esasenza okubi emehlwe-
ni kaJehova.[g] **14** Manje sene-
nza lokhu okwakwenziwa oyi-
hlo njengenzalo yabantu abane-
sono abandisa intukuthelo ka-
Jehova evuthayo ngokumele-
ne no-Israyeli. **15** Uma niyeka
ukumlandela, naye uzophinde
abashiye nakanjani ehlane futhi
niyobangela incithakalo kuso
sonke lesi sizwe."

**16** Kamuva basondela kuye
bathi: "Sivumele sakhe la-
pha izibaya zamatshe zemfu-
yo yethu namadolobha ezinga-
ne zethu. **17** Kodwa sizoqhu-
beka silungele impi[h] futhi sizo-
hamba phambi kwama-Israyeli
kuze kube yilapho sesiwafikise
endaweni yawo, izingane zethu
zona zizobe zihleli emadolo-
bheni anezivikelo eziqinile, zi-
vikelekile kwabakhe ezweni.
**18** Ngeke sibuyele ezindlini ze-
thu kuze kube yilapho umIsra-
yeli ngamunye esethole inda-
wo yakhe njengefa.[i] **19** Ngoba
ngeke sithole ifa kanye nawo
ngaphesheya kweJordani na-
ngale kwalo, ngoba silitholile
ifa lethu empumalanga yeJor-
dani."[j]

**20** UMose wabaphendula:
"Uma nizokwenza lokhu: Tha-
thani izikhali zempi phambi ku-
kaJehova;[k] **21** futhi uma wo-
nke umuntu kini ethatha izi-
khali awele iJordani phambi
kukaJehova ngesikhathi exo-
sha izitha zakhe phambi kwa-
khe[a] **22** kuze kube yilapho
izwe linqotshwa phambi ku-
kaJehova,[b] ningabuya[c] ninga-
bi nacala phambi kukaJeho-
va no-Israyeli. Leli zwe li-
yobe seliba yifa lenu pha-
mbi kukaJehova.[d] **23** Kodwa
uma ningakwenzi lokhu, niyo-
be nonile kuJehova. Kufanele
nazi ukuthi isono senu sizoni-
fica. **24** Ngakho ningazakhela
izingane zenu amadolobha ne-
mihlambi yenu izibaya,[e] kodwa
kumele nikwenze enikuthembi-
sile."

**25** Abantwana bakwaGadi
nabantwana bakwaRubeni ba-
sho lokhu kuMose: "Izinceku
zakho zizokwenza njengoba nje
inkosi yami iyala. **26** Izinga-
ne zethu, omkethu, imfuyo ye-
thu nazo zonke izilwane ze-
thu ezifuywayo kuzohlala la-
pho emadolobheni aseGileya-
di,[f] **27** kodwa izinceku zakho
zizowelela ngaphesheya, yo-
nke indoda ehlomele impi pha-
mbi kukaJehova,[g] njengoba nje
inkosi yami ikhuluma."

**28** Ngakho uMose wakhipha
umyalo ngokuqondene nabo
ku-Eleyazare umpristi, kuJo-
shuwa indodana kaNuni na-
sezinhlokweni zezindlu zoyi-
se bezizwe zama-Israyeli.
**29** UMose wathi kubo: "Uma
abantwana bakwaGadi naba-
ntwana bakwaRubeni bewe-
la iJordani kanye nani, wonke
amadoda ahlomele impi pha-
mbi kukaJehova, futhi izwe li-
nqotshwa phambi kwenu, kho-
na-ke niyobanika izwe lakwa-
Gileyadi njengefa.[h] **30** Kodwa
uma bengazithathi izikhali
bawele kanye nani, bayohlala

**ISAHL. 32**

*a* Num 14:29, 30; Dut 2:14
*b* Gen 13:14, 15; Gen 26:3; Gen 28:13
*c* Num 13:30
*d* Jos 19:49
*e* Num 14:24; Dut 1:34-38; Jos 14:8
*f* Num 14:33; Dut 29:5; Jos 5:6; Hu 95:10; IzE 13:18
*g* Num 26:63, 64; Dut 2:14; 1Ko 10:5; Heb 3:17
*h* Dut 3:18; Jos 4:12
*i* Jos 22:1, 4
*j* Num 32:33; Jos 12:1; Jos 13:8
*k* Jos 4:13

**Uhla 2**

*a* Hu 78:55
*b* Jos 11:23; Jos 18:1; Hu 44:2
*c* Jos 22:4, 9
*d* Dut 3:19, 20; Jos 1:14, 15; Jos 13:8
*e* Num 32:16; Num 32:34-38
*f* Jos 1:12-14
*g* Jos 4:12
*h* Jos 13:15, 24

phakathi kwenu ezweni lase-
Khanani."
**31** Abantwana bakwaGadi
nabantwana bakwaRubeni ba-
phendula, bathi: "Sizokwenza
lokho uJehova akukhulumi-
le ezincekwini zakho. **32** Si-
zothatha izikhali siwele phambi
kukaJehova siye ezweni lase-
Khanani,[a] kodwa ifa lethu lizo-
ba sempumalanga yeJordani."
**33** Ngakho uMose wabanika
—abantwana bakwaGadi, aba-
ntwana bakwaRubeni[b] nohhafu
wesizwe sakwaManase[c] indo-
dana kaJosefa—umbuso kaSi-
honi[d] inkosi yama-Amori no-
mbuso ka-Ogi[e] inkosi yaseBha-
shani, izwe namadolobha alo
ezindaweni zakhona, namado-
lobha ezwe elizungezile.
**34** Abantwana bakwaGadi
bakha* iDiboni,[f] i-Atharoti,[g]
i-Aroweri,[h] **35** i-Athiroti-sho-
fani, iJazeri,[i] iJogibeha,[j]
**36** iBheti-nimra[k] neBheti-hara-
na,[l] amadolobha anezivikelo
eziqinile, bakha nezibaya za-
matshe zemihlambi. **37** Aba-
ntwana bakwaRubeni bakha
amadolobha iHeshibhoni,[m] i-Eli-
yale,[n] iKiriyatayimi,[o] **38** iNe-
bo[p] neBhali-mehoni[q]—njengo-
ba amagama awo ashintshwa—
neSibhima; baqala ukuqamba
amagama amadolobha abawa-
kha kabusha.
**39** Abantwana bakwaMakiri[r]
indodana kaManase bahamba
bayohlasela iGileyadi balithu-
mba, baxosha ama-Amori aye-
kulo. **40** Ngakho uMose wali-
nika uMakiri indodana kaMa-
nase iGileyadi, wahlala kulo.[s]
**41** UJayire indodana kaMa-
nase wahamba wayolihlasela
wathumba amadolobhana alo,
wawaqamba ngokuthi iHavoti-
jayire.*[a] **42** UNoba wahamba
wayohlasela iKhenati, walithu-
mba namadolobha angaphansi
kwalo,* waliqamba ngegama la-
khe elithi Noba.

**33** Lolu kwakuwuhambo lwa-
bantu bakwa-Israyeli la-
pho bephuma ezweni laseGi-
bhithe[b] ngokwamaqembu* abo[c]
beqondiswa uMose no-Aroni.[d]
**2** UMose wayelokhu egcina um-
bhalo wezindawo abasuka kuzo
ohambweni lwabo ngokomyalo
kaJehova, futhi yilolu uhambo
lwabo ukusuka kwenye inda-
wo kuya kwenye:[e] **3** Basuka
eRamesesi[f] ngenyanga yokuqa-
la, ngosuku luka-15 lwaleyo nya-
nga.[g] Ngalo kanye usuku lwa-
ngemva kwePhasika,[h] ama-Isra-
yeli aphuma ngeqholo pha-
mbi kwamehlo abo bonke aba-
seGibhithe. **4** Phakathi nale-
so sikhathi abaseGibhithe babe-
ngcwaba wonke amazibulo uJe-
hova ayewabulele phakathi kwa-
bo,[i] ngoba uJehova wayekhiphe
izahlulelo konkulunkulu babo.[j]
**5** Ngakho ama-Israyeli asu-
ka eRamesesi amisa amate-
nde eSukoti.[k] **6** Asuka eSu-
koti amisa amatende e-Etha-
mu,[l] elisemaphethelweni ehla-
ne. **7** Asuka e-Ethamu abuye-
la emuva ngasePhihahiroti, eli-
phambi kweBhali-zefoni,[m] ami-
sa amatende phambi kweMi-
gidoli.[n] **8** Asuka ePhihahiro-
ti adabula phakathi kolwandle[o]
aya ehlane,[p] aqhubeka ehamba
uhambo lwezinsuku ezinta-
thu ehlane lase-Ethamu[q] amisa
amatende eMara.[r]
**9** Ngemva kwalokho asuka
eMara aya e-Elimi. E-Elimi kwa-
kukhona iziphethu zamanzi ezi-

32:34 *Noma, "bakha kabusha."

32:41 *Incazelo: "Amadolobhana Amatende AseJayire." 32:42 *Noma, "alizungezile." 33:1 *NgesiHebheru, "ngokwamabutho."

ISAHL. 32
a Jos 4:13
b Dut 3:12
c Jos 22:7
d Num 21:23, 24 Dut 2:31
e Dut 3:4
f Num 33:45 Jos 13:15, 17
g Num 32:3, 4
h Dut 2:36 Jos 12:1, 2
i Num 21:32
j Hlu 8:11
k Num 32:3, 4
l Jos 13:27, 28
m Num 21:26
n Num 32:3, 4
o Jos 13:15, 19
p Num 32:3, 4
q Jos 13:15, 17
r Num 26:29
s Dut 3:13 Jos 13:31 Jos 17:1

Uhla 2
a Dut 3:14 Jos 13:29, 30

ISAHL. 33
b Eks 12:51
c Eks 13:18
d Jos 24:5 1Sa 12:8
e Num 9:17
f Gen 47:11 Eks 12:37
g Eks 12:2 Eks 13:4
h Eks 12:3, 6 Dut 16:1
i Eks 12:29 Hu 78:51
j Eks 12:12 Eks 18:11
k Eks 12:37
l Eks 13:20
m Eks 14:9
n Eks 14:2
o Eks 14:22
p Eks 15:22
q Eks 13:20
r Eks 15:23

ngu-12 nezihlahla zesundu ezingu-70, ngakho amisa amatende lapho.[a] **10** Asuka e-Elimi amisa amatende ngasoLwandle Olubomvu. **11** Asuka oLwandle Olubomvu amisa amatende ehlane laseSini.[b] **12** Asuka ehlane laseSini amisa amatende eDofika. **13** Asuka eDofika amisa amatende e-Alushi. **14** Asuka e-Alushi amisa amatende eRefidimi,[c] lapho kwakungekho manzi abantu ababengawaphuza. **15** Asuka eRefidimi amisa amatende ehlane laseSinayi.[d]

**16** Kamuva asuka ehlane laseSinayi amisa amatende eKibiroti-hathawa.[e] **17** Asuka eKibiroti-hathawa amisa amatende eHazeroti.[f] **18** Asuka eHazeroti amisa amatende eRitima. **19** Asuka eRitima amisa amatende eRimoni-pherezi. **20** Asuka eRimoni-pherezi amisa amatende eLibhina. **21** Asuka eLibhina amisa amatende eRisa. **22** Asuka eRisa amisa amatende eKehelatha. **23** Asuka eKehelatha amisa amatende eNtabeni iSheferi.

**24** Ngemva kwalokho asuka eNtabeni iSheferi amisa amatende eHarada. **25** Asuka eHarada amisa amatende eMakheloti. **26** Asuka[g] eMakheloti amisa amatende eThahati. **27** Asuka eThahati amisa amatende eThera. **28** Asuka eThera amisa amatende eMitika. **29** Asuka eMitika amisa amatende eHashimona. **30** Asuka eHashimona amisa amatende eMoseroti. **31** Asuka eMoseroti amisa amatende eBhene-jahakani.[h] **32** Asuka eBhene-jahakani amisa amatende eHori-hagidigadi. **33** Asuka eHori-hagidigadi amisa amatende eJotibatha.[i] **34** Asuka eJotibatha amisa amatende e-Abrona. **35** Asuka e-Abrona amisa amatende e-Eziyoni-gebheri.[a] **36** Asuka e-Eziyoni-gebheri amisa amatende ehlane laseZini,[b] eKadeshi.

**37** Kamuva asuka eKadeshi amisa amatende eNtabeni iHori,[c] emngceleni wezwe lakwa-Edomi. **38** U-Aroni umpristi wenyukela eNtabeni iHori njengoba ayeyalwe uJehova, wafela khona ngonyaka ka-40 ngemva kokuphuma kwama-Israyeli ezweni laseGibhithe, ngenyanga yesihlanu, ngosuku lokuqala lwenyanga.[d] **39** U-Aroni wayeneminyaka engu-123 ubudala lapho efa eNtabeni iHori.

**40** Manje inkosi yase-Aradi,[e] umKhanani owayehlala eNegebhi ezweni laseKhanani, wezwa ngokuza kwama-Israyeli.

**41** Ngokuhamba kwesikhathi asuka eNtabeni iHori[f] amisa amatende eZalimona. **42** Asuka eZalimona amisa amatende ePhunoni. **43** Asuka ePhunoni amisa amatende e-Oboti.[g] **44** Asuka e-Oboti amisa amatende e-Iye-abarimi emngceleni wakwaMowabi.[h] **45** Asuka e-Iyimi amisa amatende eDiboni-gadi.[i] **46** Asuka eDiboni-gadi amisa amatende e-Alimoni-dibilatayimi. **47** Asuka e-Alimoni-dibilatayimi amisa amatende ezintabeni zase-Abharimi[j] phambi kwe-Nebo.[k] **48** Ekugcineni asuka ezintabeni zase-Abharimi amisa amatende emathafeni awugwadule akwaMowabi ngaseJordani eJeriko.[l] **49** Aqhubeka emise amatende ngaseJordani, kusukela eBheti-jeshimoti kuze kuyofika e-Abela-shithimi,[m] emathafeni awugwadule akwaMowabi.

ISAHL. 33
a Eks 15:27
b Eks 16:1
c Eks 17:1, 8
d Eks 18:5; Eks 19:1, 2; Num 1:1; Num 3:4; Num 9:1
e Num 11:34; Dut 9:22
f Num 11:35; Num 12:16
g Num 9:17
h Dut 10:6
i Dut 10:7

Uhla 2
a Dut 2:8; 1Kh 9:26
b Num 20:1; Num 27:14; Dut 32:51; Jos 15:1
c Num 20:22
d Dut 10:6
e Num 21:1
f Num 21:4
g Num 21:10
h Gen 19:36, 37; Num 21:11, 13
i Num 32:34
j Num 27:12; Dut 32:48, 49
k Dut 34:1
l Num 22:1
m Num 25:1; Jos 2:1

**50** UJehova wakhuluma no-
Mose emathafeni awugwadu-
le akwaMowabi ngaseJordani
eJeriko, wathi: **51** “Khuluma
nama-Israyeli uthi kuwo, ‘Niwe-
la iJordani niya ezweni lase-
Khanani.[a] **52** Kumele nibaxo-
she bonke abakhe ezweni pha-
mbi kwenu, nibhubhise yonke
imifanekiso yabo yamatshe[b]
nazo zonke izithombe zabo
zensimbi,*[c] kufanele nibhidlize
zonke izindawo zabo eziphake-
me ezingcwele.[d] **53** Niyolidla
izwe nihlale kulo ngoba naka-
njani ngiyoninika leli zwe libe
ifa lenu.[e] **54** Kumele nihluka-
nise izwe ngenkatho[f] njenge-
fa phakathi kwemindeni yenu.
Eqenjini elikhulu kufanele na-
ndise ifa lalo, eqenjini elinca-
ne kufanele ninciphise ifa lalo.[g]
Ifa lawo wonke umuntu liyoba
yindawo ayithole ngenkatho.
Niyothola indawo eyifa lenu
ngokwezizwe zoyihlo.[h]
**55** “‘Nokho, uma ningabaxo-
shi abakhe ezweni phambi
kwenu,[i] labo eningabaxoshi ba-
yoba njengezinto ezihlabayo
emehlweni enu nanjengame-
va ezinhlangothini zenu, ba-
yonihlupha ezweni eniyohla-
la kulo.[j] **56** Ngiyokwenza kini
lokho engangihlose ukukwe-
nza kubo.’”[k]

**34** UJehova waqhubeka wa-
thi kuMose: **2** “Yithi
kuma-Israyeli: ‘Lapho ningena
ezweni laseKhanani,[l] lelo yizwe
eniyonikwa lona libe yifa lenu,
izwe laseKhanani ngokwemi-
ngcele yalo.[m]
**3** “‘Umngcele wenu onga-
seningizimu uyosuka ehlane
laseZini eceleni kuka-Edomi,
umngcele wenu ongaseningizi-
mu ngasempumalanga uyoqala
emaphethelweni oLwandle Lu-
kasawoti.*[a] **4** Umngcele wenu
uyojika udlule eningizimu yo-
mqansa wase-Akarabimi[b] uqhu-
beke uze uyofika eZini, uphe-
lele eningizimu yeKadeshi-bari-
neya.[c] Uyobe usudlulela eHaza-
ri-adari[d] uze uyofika e-Azimoni.
**5** Umngcele uyojika e-Azimoni
uye eMhosheni* WaseGibhithe,
uphelele oLwandle.#[e]
**6** “‘Umngcele wenu ongase-
ntshonalanga uyoba uLwandle
Olukhulu* nezwe elisogwini.
Lona kuyoba umngcele wenu
ongasentshonalanga.[f]
**7** “‘Lona kuyoba umngce-
le wenu ongasenyakatho: Um-
ngcele wenu niyowususa oLwa-
ndle Olukhulu uye eNtabe-
ni iHori.[g] **8** Ukusuka eNta-
beni iHori umngcele niyowu-
susa eLebo-hamati*[h] uphele-
le eZedadi.[i] **9** Umngcele uyo-
ze ufike eZifroni, uphelele
eHazari-enani.[j] Lona kuyoba
umngcele wenu ongasenyaka-
tho.
**10** “‘Umngcele wenu ongase-
mpumalanga kufanele niwu-
suse eHazari-enani uye eShe-
famu. **11** Umngcele uyosuka
eShefamu uye eRibila empu-
malanga ye-Ayini, wehlele nga-
sempumalanga yoLwandle Lwa-
seKhinereti.*[k] **12** Umngcele
uyoze ufike eJordani, uphelele
oLwandle Lukasawoti.[l] Leli ku-
yoba yizwe lenu[m] nemingcele
yalo.’”
**13** Ngakho uMose wayala
ama-Israyeli, wathi: “Yileli izwe
enizohlukaniselana lona nje-

**ISAHL. 33**
*a* Jos 3:17
*b* Lev 26:1
*c* Lev 19:4; Dut 27:15
*d* Eks 23:24; Eks 34:13, 17; Dut 7:5; Dut 12:3
*e* Dut 32:8
*f* IzA 16:33
*g* Num 26:53, 54
*h* Jos 15:1; Jos 16:1; Jos 18:11
*i* Hlu 1:21; Hu 106:34
*j* Eks 23:31-33; Dut 7:3, 4; Jos 23:12, 13; Hlu 2:2, 3
*k* Lev 18:28; Jos 23:15

**ISAHL. 34**
*l* Gen 15:18; Gen 17:8
*m* Gen 10:19; Dut 4:38; Jos 1:4; Jos 14:1; Jer 3:19; IzE 17:26

**Uhla 2**
*a* Jos 15:1, 2
*b* Hlu 1:36
*c* Num 13:26; Num 32:8
*d* Jos 15:1, 3
*e* Eks 23:31; Jos 15:1, 4
*f* Jos 1:4; Jos 15:12
*g* Num 33:37; Dut 32:50
*h* Num 13:21; 2Kh 14:25
*i* Hez 47:15
*j* Hez 47:17
*k* Dut 3:16, 17; Jos 11:1, 2; Luk 5:1; Joh 6:1
*l* Jos 15:1, 2
*m* Dut 8:7-9

**33:52** *Noma, “ezenziwe ngokuncibilikisiwe.”

**34:3** *Okuwukuthi, uLwandle Olufile. **34:5** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. #Okuwukuthi, uLwandle Olukhulu, iMedithera. **34:6** *Okuwukuthi, iMedithera. **34:8** *Noma, “ekuqaleni kweHamati.” **34:11** *Okuwukuthi, ichibi laseGenesaretha, noma uLwandle LwaseGalile.

ngefa ngenkatho,[a] njengoba nje uJehova eyale ukuba linikezwe izizwe ezingu-9 nohhafu. **14** Ngoba isizwe sakwaRubeni ngokwezindlu zoyise, isizwe sakwaGadi ngokwezindlu zoyise kanye nohhafu wesizwe sakwaManase sezilithathile kakade ifa lazo.[b] **15** Lezi zizwe ezimbili nohhafu kakade sezilithathile ifa lazo empumalanga yesifunda saseJordani ngaseJeriko, lapho kuphuma khona ilanga."[c]

**16** UJehova waqhubeka wathi kuMose: **17** "Yilawa amagama amadoda azonihlukanisela izwe elizoba yifa lenu: u-Eleyazare[d] umpristi noJoshuwa[e] indodana kaNuni. **18** Nizothatha isikhulu esisodwa esizweni ngasinye ukuba sihlukanise izwe njengefa lenu.[f] **19** Yilawa amagama alawo madoda: esizweni sakwaJuda,[g] uKalebi[h] indodana kaJefune; **20** esizweni sabantwana bakwaSimeyoni,[i] uShemuweli indodana ka-Amihudi; **21** esizweni sakwaBhenjamini,[j] u-Elidadi indodana kaKisiloni; **22** esizweni sabantwana bakwaDani,[k] isikhulu, uBhuki indodana kaJogili; **23** kubantwana bakwaJosefa,[l] esizweni sabantwana bakwaManase,[m] isikhulu, uHaniyeli indodana ka-Efodi; **24** esizweni sabantwana bakwa-Efrayimi,[n] isikhulu, uKhemuweli indodana kaShifetani; **25** esizweni sabantwana bakwaZebhuloni,[o] isikhulu, u-Elizafani indodana kaPharinaki; **26** esizweni sabantwana bakwa-Isakare,[p] isikhulu, uPhalitiyeli indodana ka-Azani; **27** esizweni sabantwana bakwa-Asheri,[q] isikhulu, u-Ahihudi indodana kaShelomi; **28** esizweni sabantwana bakwaNafetali,[a] isikhulu, uPedaheli indodana ka-Amihudi." **29** Yibo laba uJehova abayala ukuba babele ama-Israyeli izwe ezweni laseKhanani.[b]

**35** UJehova waqhubeka wakhuluma noMose emathafeni awugwadule akwaMowabi ngaseJordani[c] eJeriko, wathi: **2** "Tshela ama-Israyeli ukuthi kufanele anike amaLevi amadolobha azohlala kuwo emafeni azowathola,[d] futhi kufanele anike amaLevi amadlelo nxazonke zalawo madolobha.[e] **3** Ayohlala kulawo madolobha, amadlelo abe awemfuyo yawo, awezimpahla zawo nazo zonke ezinye izilwane zawo. **4** Amadlelo amadolobha eniyowanika amaLevi ayoba izingalo* ezingu-1 000 ukusuka odongeni kuzungeze idolobha. **5** Kufanele nikale izingalo ezingu-2 000 ngaphandle kwedolobha ohlangothini olusempumalanga, izingalo ezingu-2 000 ohlangothini oluseningizimu, izingalo ezingu-2 000 ohlangothini olusentshonalanga nezingalo ezingu-2 000 ohlangothini olusenyakatho, idolobha libe maphakathi. Lawo kuyoba amadlelo amadolobha awo.

**6** "AmaLevi niyowanika amadolobha esiphephelo ayisithupha,[f] eniyowanika wona ukuze umbulali abalekele kuwo,[g] kanye namanye amadolobha angu-42. **7** Esewonke amadolobha eniyowanika amaLevi ayoba ngu-48, kanye namadlelo awo.[h] **8** Amadolobha eniyowanika wona ayovela efeni lama-Israyeli.[i] Eqenjini elikhulu niyothatha amadolobha amaningi,

**ISAHL. 34**
- a Num 26:55; Num 33:54; Jos 14:2; Jos 18:6; IzA 16:33
- b Num 32:33; Dut 3:12, 13; Jos 13:8
- c Num 32:5, 32
- d Num 3:32; Num 20:26; Jos 14:1
- e Num 14:38; Num 27:18; Jos 19:51
- f Num 1:4, 16
- g Jos 15:1
- h Num 14:30; Num 26:65
- i Jos 19:1
- j Jos 18:11
- k Jos 19:40
- l Gen 46:20; Gen 48:5; Jos 16:1
- m Jos 17:1
- n Jos 16:5
- o Jos 19:10
- p Jos 19:17
- q Jos 19:24

**Uhla 2**
- a Jos 19:32
- b Num 34:18; Dut 32:8; Jos 19:51; IzE 17:26

**ISAHL. 35**
- c Num 22:1; Num 36:13
- d Gen 49:7; Dut 18:1; Jos 14:4
- e Lev 25:32-34; Jos 21:3; 2Kr 11:14
- f Jos 20:2, 3, 7, 8; Jos 21:13, 21, 27, 32, 36, 38
- g Dut 4:42
- h Jos 21:3
- i Gen 49:7

**35:4** *Ingalo eyayilingana no-44,5 cm. Bheka iSithasiselo B14.

eqenjini elincane niyothatha
ambalwa.[a] Iqembu ngalinye liyo-
nikeza amaLevi amanye amado-
lobha alo kuye ngefa elilithola-
yo.”
**9** UJehova waqhubeka wa-
thi kuMose: **10** “Khuluma
nama-Israyeli, uthi kuwo, ‘Ni-
wela iJordani niya ezweni lase-
Khanani.[b] **11** Kufanele nikhe-
the amadolobha ayonilungela
ayoba amadolobha esiphephe-
lo, okuyobalekela kuwo umbu-
lali obulale othile* engahlo-
sile.[c] **12** La madolobha ayoba
isiphephelo kini kumuntu ophi-
ndiselela umufi[d] ukuze umbula-
li angafi kuze kube yilapho ku-
qulwa icala lakhe phambi kwe-
nhlangano.[e] **13** Amadolobha
ayisithupha eniyowanika wona
ayofeza leyo njongo. **14** Niyo-
wanika amadolobha amathathu
nganeno kweJordani,[f] namado-
lobha amathathu ezweni lase-
Khanani[g] ukuze abe amado-
lobha esiphephelo. **15** La ma-
dolobha ayisithupha ayoba isi-
phephelo kuma-Israyeli, ku-
muntu oyisifiki[h] nowakwelinye
izwe ohlala phakathi kwawo,
ukuze noma ubani obulala othi-
le engahlosile abalekele kuwo.[i]
**16** “‘Kodwa uma emshaye
ngento eyinsimbi wafa, ungu-
mbulali. Lo mbulali kufanele
nakanjani abulawe.[j] **17** Uma
emshaye ngetshe elingase li-
mbulale wabe esefa, ungumbu-
lali. Lo mbulali kufanele na-
kanjani abulawe. **18** Uma em-
shaye ngento eyenziwe ngo-
khuni engase imbulale wabe
esefa, ungumbulali. Lo mbu-
lali kufanele nakanjani abu-
lawe.
**19** “‘Umuntu ophindiselela
umufi nguye oyobulala umbu-
lali. Lapho ehlangana naye,
uyombulala. **20** Uma efe ngo-
ba emsunduze ngenxa yoku-
thi ubemzonda noma emjikije-
le ngento ethile ehlose okubi,*[a]
**21** noma emshaye ngesandla
ngenxa yenzondo wabe esefa,
lowo omshayile uyobulawa na-
kanjani. Ungumbulali. Umuntu
ophindiselela umufi uyombula-
la umbulali lapho ehlangana
naye.
**22** “‘Kodwa uma emsundu-
ze kungalindelekile futhi enga-
mzondi noma ephonse into
ethile kuye engahlose bubi,*[b]
**23** noma uma engambonanga
futhi wawisela itshe phe-
zu kwakhe ebe engesona
isitha sakhe futhi engahlo-
se kumlimaza, wabe esefa,
**24** inhlangano kufanele yahlu-
lele phakathi komuntu om-
shayile nomuntu ophindisele-
la umufi ngokuvumelana nalezi
zahlulelo.[c] **25** Ngemva kwalo-
kho inhlangano kufanele imsi-
ndise lowo mbulali kumuntu
ophindiselela umufi, imbuyi-
sele edolobheni lesiphephe-
lo ayebalekele kulo, ahlale
kulo kuze kufe umpristi opha-
keme owagcotshwa ngamafu-
tha angcwele.[d]
**26** “‘Kodwa uma lowo mbu-
lali ephumela ngaphandle kom-
ngcele wedolobha lesiphephe-
lo ayebalekele kulo, **27** umu-
ntu ophindiselela umufi amtho-
le engaphandle komngcele we-
dolobha lesiphephelo, bese
embulala lo mbulali, akanalo
icala legazi. **28** Ngoba kufa-
nele ahlale edolobheni lesiphe-
phelo kuze kufe umpristi opha-
keme. Kodwa ngemva kokufa
kompristi ophakeme, umbula-
li angabuyela endaweni yakhe.[e]
**29** Lezi zinto ziyoba umthetho

**ISAHL. 35**
*a* Num 26:54; Num 33:54
*b* Eks 3:8; Eks 23:23; Num 34:2
*c* Eks 21:12, 13; Dut 4:42; Dut 19:4, 5
*d* Num 35:19; Dut 19:6
*e* Dut 19:11, 12; Jos 20:5, 9
*f* Dut 4:41-43
*g* Dut 19:8, 9; Jos 20:7
*h* Eks 12:49; Lev 19:34; Num 15:16
*i* Jos 20:2, 3
*j* Gen 9:5; Eks 21:12; Lev 24:17; Dut 19:11, 12

**Uhla 2**
*a* Eks 21:14; Dut 19:11, 12
*b* Eks 21:12, 13; Dut 19:4, 5; Jos 20:2, 3
*c* Num 35:12; Jos 20:4, 5
*d* Eks 29:4, 7
*e* Jos 20:6

**35:11** *Noma, “umphefumulo.”

**35:20** *NgesiHebheru, “ethile emcuthele.” **35:22** *NgesiHebheru, “kuye engazange amcuthele.”

wokwahlulela kini kuzo zonke izizukulwane zenu kuzo zonke izindawo enihlala kuzo.

**30** "'Noma ubani obulala umuntu kufanele abulawe njengombulali[a] ngobufakazi* bofakazi abaningi;[b] kodwa akekho umuntu oyobulawa ngobufakazi bomuntu oyedwa. **31** Akumele nithathe isihlengo ngokuphila kombulali ofanelwe ukufa ngoba kufanele nakanjani abulawe.[c] **32** Akumele nithathe isihlengo somuntu obalekele edolobheni lakhe lesiphephelo, ukuze aphinde ahlale endaweni yakhe ngaphambi kokufa kompristi ophakeme.

**33** "'Akumele ningcolise izwe enihlala kulo ngoba igazi liyalingcolisa izwe,[d] futhi ngeke kube khona ukuhlawulelwa ngegazi eliye lachithwa ezweni ngaphandle kokuba kuhlawulelwe ngegazi lalowo olichithile.[e] **34** Akumele ningcolise izwe enihlala kulo, engihlala kulo nami; ngoba mina Jehova ngihlala phakathi kwabantu bakwa-Israyeli.'"[f]

**36** Izinhloko zemindeni yabantwana bakwaGileyadi indodana kaMakiri[g] indodana kaManase wemindeni yabantwana bakwaJosefa zasondela zakhuluma phambi kukaMose nezikhulu, izinhloko zemindeni yama-Israyeli. **2** Zathi: "UJehova wayala inkosi yami ukuba yabele ama-Israyeli izwe ngenkatho;[h] futhi inkosi yami yayalwa uJehova ukuba ifa likamfowethu uZelofehadi ilinike amadodakazi akhe.[i] **3** Uma eshada amadoda akwesinye isizwe sakwa-Israyeli, ifa lalaba besifazane liyokhishwa efeni lobaba linezelwe efeni lesizwe abayokuba ngabaso, liyokhishwa efeni lethu elalabiwe ngenkatho. **4** Manje ngesikhathi abantu bakwa-Israyeli beba neJubili,[a] ifa lalaba besifazane liyokwenezelwa efeni lesizwe abayobe sebengabaso, ifa labo liyokhishwa efeni lesizwe soyise."

**5** UMose wayala ama-Israyeli ngomyalo kaJehova, wathi: "Lokhu okushiwo isizwe sabantwana bakwaJosefa kuyiqiniso. **6** Nanti izwi uJehova aliyalile ngamadodakazi kaZelofehadi: 'Angashada nanoma ubani amthandayo. Nokho, kufanele ashade nomuntu osemndenini wesizwe soyise. **7** Alikho ifa lama-Israyeli okufanele lisuke kwesinye isizwe liye kwesinye, ngoba ama-Israyeli kufanele aligcine ifa lesizwe sokhokho bawo. **8** Wonke amadodakazi anefa phakathi kwezizwe zakwa-Israyeli kufanele ashadele esizweni soyise,[b] ukuze ama-Israyeli agcine ifa lokhokho bawo. **9** Alikho ifa okufanele lisuke kwesinye isizwe liye kwesinye ngoba izizwe zakwa-Israyeli kufanele zigcine ifa lazo.'"

**10** Amadodakazi kaZelofehadi enza njengoba nje uJehova ayemyalile uMose.[c] **11** Ngakho uMahila, uTiriza, uHogila, uMilka noNowa, amadodakazi kaZelofehadi,[d] bashada namadodana abafowabo bakayise. **12** Baba abafazi bamadoda emindeni yakwaManase indodana kaJosefa, ukuze ifa labo liqhubeke lisesizweni somndeni kayise.

**13** Leyo imiyalo nezinqumo zokwahlulela uJehova azinika ama-Israyeli ngoMose emathafeni awugwadule akwaMowabi ngaseJordani eJeriko.[e]

---

**35:30** * NgesiHebheru, "ngomlomo."

ISAHL. 35
a Gen 9:6; Eks 20:13
b Dut 17:6; Dut 19:15; Heb 10:28
c Gen 9:5; Eks 21:14; Dut 19:13
d Gen 4:8, 10; Hu 106:38; Luk 11:50
e Gen 9:6
f Eks 25:8; Lev 26:12

ISAHL. 36
g Num 26:29
h Num 26:55; Num 33:54
i Num 27:1-7

Uhla 2
a Lev 25:10
b 1Kr 23:22
c Num 36:6
d Num 27:1
e Num 26:3; Num 33:50; Num 35:1

# DUTERONOMI

## UHLU LOKUPHAKATHI


1 Ukushiya iNtaba iHorebe (1-8)
Kumiswa izinduna nabahluleli (9-18)
Ukungalaleli eKadeshi-barineya (19-46)
Ukwenqaba kuka-Israyeli ukungena ezweni (26-33)
Ukwehluleka ukunqoba iKhanani (41-46)

2 Ukuzulazula ehlane iminyaka engu-38 (1-23)
Ukunqoba uSihoni iNkosi yaseHeshibhoni (24-37)

3 Ukunqoba u-Ogi inkosi yaseBhashani (1-7)
Ukuhlukaniswa kwezwe elisempumalanga yeJordani (8-20)
UJoshuwa utshelwa ukuba angesabi (21, 22)
UMose ngeke angene ezweni (23-29)

4 Ama-Israyeli anxuswa ukuba alalele (1-14)
Ningazikhohlwa izenzo zikaNkulunkulu (9)
UJehova ufuna abantu bazinikele kuye kuphela (15-31)
Akekho omunye uNkulunkulu ngaphandle kukaJehova (32-40)
Amadolobha esiphephelo empumalanga yeJordani (41-43)
Kwethulwa uMthetho (44-49)

5 Isivumelwano sikaJehova eHorebe (1-5)
IMiyalo Eyishumi iyaphindwa (6-22)
Ukwesaba kwabantu eNtabeni iSinayi (23-33)

6 Thanda uJehova ngenhliziyo yakho yonke (1-9)
"O Israyeli, lalela" (4)
Abazali kumele bafundise abantwana babo (6, 7)
Ungamkhohlwa uJehova (10-15)
Ungamvivinyi uJehova (16-19)
Uxoxele isizukulwane esilandelayo (20-25)

7 Izizwe eziyisikhombisa ezizobhujiswa (1-6)
Isizathu sokukhethwa kuka-Israyeli (7-11)
Ukulalela kuletha izibusiso (12-26)

8 Izibusiso zikaJehova ziyaphindwa (1-9)
"Umuntu akaphili ngesinkwa sodwa" (3)
Ungamkhohlwa uJehova (10-20)

9 Isizathu sokuba u-Israyeli anikwe izwe (1-6)
U-Israyeli ucasula uJehova izikhathi ezine (7-29)
Ithole legolide (7-14)
UMose uyangenela (15-21, 25-29)
Baphinde bayamthukuthelisa izikhathi ezintathu (22)

10 Kwenziwa amanye amatshe amabili ayizicaba (1-11)
Okufunwa uJehova (12-22)
Yesaba uJehova futhi umthande (12)

11 Nibubonile ubukhulu bukaJehova (1-7)
IZwe Lesithembiso (8-12)
Imivuzo yokulalela (13-17)
Amazwi kaNkulunkulu kumele agxiliswe ezinhliziyweni (18-25)
"Isibusiso nesiqalekiso" (26-32)

12 Khonza uNkulunkulu endaweni ayikhethayo (1-14)
Nivunyelwe ukudla inyama kodwa hhayi igazi (15-28)
Ningacushwa abanye onkulunkulu (29-32)

13 Indlela yokuphatha izihlubuki (1-18)

14 Izindlela ezingafanele zokulila (1, 2)
Ukudla okuhlanzekile nokungcolile (3-21)
Okweshumi kukaJehova (22-29)

15 Isikweletu siyesulwa njalo ngonyaka wesikhombisa (1-6)
Ukusiza abampofu (7-11)
Ukukhululwa kwezigqila njalo ngonyaka wesikhombisa (12-18)
Ukufaka usungulo endlebeni yesigqila (16, 17)
Kungcweliswa amazibulo ezilwane (19-23)

16 IPhasika; uMkhosi Wesinkwa Esingenamvubelo (1-8)
UMkhosi Wamasonto (9-12)
UMkhosi Wamadokodo (13-17)

Ukumiswa kwabahluleli (18-20)
Izinto zokukhulekela ezenqatshelwe (21, 22)

17 Imihlatshelo akufanele ibe nesici (1)
Ukusingatha izindaba zokuhlubuka (2-7)
Amacala anzima okwahlulela (8-13)
Iziyalezo zenkosi ezomiswa (14-20)
Inkosi kumele izibhalele ikhophi yoMthetho (18)

18 Isabelo sabapristi namaLevi (1-8)
Imikhuba yokusebenzelana nemimoya yenqatshelwe (9-14)
Umprofethi onjengoMose (15-19)
Indlela yokubona abaprofethi bamanga (20-22)

19 Icala legazi namadolobha esiphephelo (1-13)
Izimpawu zomngcele akumele zigudluzwe (14)
Ofakazi enkantolo (15-21)
Kudingeka ofakazi ababili noma abathathu (15)

20 Imithetho yasempini (1-20)
Abangayi empini (5-9)

21 Amacala okubulala angaxazululiwe (1-9)
Ukushada abesifazane abayizithunjwa (10-14)
Ilungelo lezibulo (15-17)
Indodana enenkani (18-21)
Umuntu olengiswe esigxotsheni uqalekisiwe (22, 23)

22 Ukuphatha kahle izilwane zikamakhelwane (1-4)
Ukugqoka izingubo zabantu bobulili obuhlukile (5)
Ukuba nomusa ezilwaneni (6, 7)
Udonga olufushane lophahla (8)
Ukungaxubi izinto ezingafanele (9-11)
Izinsephe ezingutsheni (12)
Imithetho emayelana nokuphathwa kabi endabeni yocansi (13-30)

23 Abangafaneleki ukungena ebandleni likaNkulunkulu (1-8)
Ukuhlanzeka kwekamu (9-14)
Izigqila ezibalekile (15, 16)
Ubufebe benqatshelwe (17, 18)
Inzalo nezifungo (19-23)
Okuvumelekile ukuba kudliwe abadlula ngendlela (24, 25)

24 Umshado nedivosi (1-5)
Hlonipha ukuphila (6-9)
Ukukhathalela abampofu (10-18)
Imithetho yokukhothoza (19-22)

25 Imivimbo umuntu angashaywa yona (1-3)
Ungayivali umlomo ngesifonyo inkabi ebhulayo (4)
Ukungena umkamfowenu (5-10)
Okungafanele kubanjwe lapho kuliwa (11, 12)
Izisindo nezikali ezinembile (13-16)
Ama-Amaleki kufanele aqothulwe (17-19)

26 Ukunikela izithelo zokuqala (1-11)
Okweshumi kwesibili (12-15)
U-Israyeli, impahla kaJehova ekhethekile (16-19)

27 UMthetho kufanele ubhalwe ematsheni (1-10)
ENtabeni i-Ebhali naseNtabeni iGerizimu (11-14)
Kuphindwa iziqalekiso (15-26)

28 Izibusiso zokulalela (1-14)
Iziqalekiso zokungalaleli (15-68)

29 Isivumelwano no-Israyeli kwaMowabi (1-13)
Izixwayiso ngokungalaleli (14-29)
Izinto ezifihliwe, izinto ezembuliwe (29)

30 Ukubuyela kuJehova (1-10)
Imiyalo kaJehova ayilukhuni (11-14)
Ukukhetha phakathi kokuphila nokufa (15-20)

31 UMose usezokufa (1-8)
Ukufundela wonke u-Israyeli uMthetho (9-13)
Kumiswa uJoshuwa (14, 15)
Kubikezelwa ukuvukela kuka-Israyeli (16-30)
Ingoma okumele ifundiswe u-Israyeli (19, 22, 30)

32 Ingoma kaMose (1-47)
UJehova, iDwala (4)
U-Israyeli ukhohlwa iDwala lakhe (18)
"Impindiselo ingeyami" (35)
"Thokozani nina zizwe kanye nesizwe sakhe" (43)
UMose uzofela eNtabeni iNebo (48-52)

33 UMose ubusisa izizwe (1-29)
"Izingalo" zikaJehova "zaphakade" (27)

34 UJehova ubonisa uMose izwe (1-4)
Ukufa kukaMose (5-12)

**1** Yilawa amazwi uMose awa-
khuluma kuwo wonke
u-Israyeli esifundeni saseJor-
dani ehlane, emathafeni awu-
gwadule phambi kweSufi, pha-
kathi kwePharanu, iThofeli,
iLabani, iHazeroti neDizahabi.
**2** Kuthatha izinsuku ezingu-
11 ukusuka eHorebe uye eKa-
deshi-barineya[a] ngendlela ya-
seNtabeni iSeyiri. **3** Ngonya-
ka ka-40,[b] ngenyanga ka-11,
ngosuku lokuqala lwenyanga,
uMose wakhuluma nama-Isra-
yeli* ngokuqondene nakho ko-
nke uJehova ayemyale uku-
ba awatshele khona. **4** Lokhu
kwakungemva kokuba enqo-
be uSihoni[c] inkosi yama-Amo-
ri, owayehlala eHeshibhoni,
no-Ogi[d] inkosi yaseBhashani,
owayehlala e-Ashitaroti, e-Edi-
reyi.[e] **5** UMose waqala uku-
wuchaza lo Mthetho[f] esifunde-
ni saseJordani ezweni lakwa-
Mowabi, wathi:

**6** “UJehova uNkulunkulu we-
thu wathi kithi eHorebe, ‘Se-
nihlale isikhathi eside ngo-
kwanele kulesi sifunda esinezi-
ntaba.[g] **7** Jikani niye esifunde-
ni esinezintaba sama-Amori[h] na-
kubo bonke omakhelwane bawo
e-Araba,[i] isifunda esinezintaba,
iShefela, iNegebhi, ugu lolwa-
ndle,[j] izwe lamaKhanani neLe-
bhanoni,*[k] nize nifike emfuleni
omkhulu, umfula i-Ewufrathe.[l]
**8** Bhekani ngibeke leli zwe pha-
mbi kwenu. Ngenani nilithathe
izwe uJehova afunga koyihlo, u-
Abrahama, u-Isaka[m] noJakobe,[n]
ukubanika lona bona nenzalo*
yabo.’[o]

**9** “Nganitshela ngaleso si-
khathi ngathi, ‘Angikwazi uku-
nithwala ngedwa.[p] **10** UJeho-
va uNkulunkulu wenu una-
ndisile, namuhla nibaningi
ngangezinkanyezi zamazulu.[a]
**11** Kwangathi uJehova, uNku-
lunkulu wokhokho benu, anga-
nandisa nibe baningi[b] ngoku-
phindwe izikhathi eziyinkulu-
ngwane, futhi kwangathi anga-
nibusisa njengoba nje enithe-
mbisile.[c] **12** Nginganithwala
kanjani ngedwa ngoba niwum-
thwalo osindayo futhi nginga-
zithwala kanjani izingxabano
zenu?[d] **13** Khethani amadoda
ahlakaniphile, aqondayo nano-
lwazi ezizweni zenu, ngizowa-
misa abe izinhloko phezu kwe-
nu.’[e] **14** Nangiphendula nathi,
‘Into othe masiyenze yinhle.’
**15** Ngakho ngathatha izinhlo-
ko zezizwe zenu, amadoda
ahlakaniphile nanolwazi, nga-
wabeka aba izinhloko phezu
kwenu, izinduna zabayizinkulu-
ngwane, izinduna zabangama-
khulu, izinduna zabangamashu-
mi ayisihlanu, izinduna zaba-
ngamashumi nezikhulu zezizwe
zenu.[f]

**16** “Ngayala abahluleli benu
ngaleso sikhathi, ngathi, ‘La-
pho nilalela icala phakathi
kwabafowenu, kufanele nahlu-
lele ngokulunga[g] phakathi ko-
muntu nomfowabo noma pha-
kathi komuntu noyisifiki.[h]
**17** Akumele nikhethe lapho
nahlulela.[i] Kufanele nilalele
omncane njengomkhulu.[j] Aku-
mele nethuswe abantu[k] ngoba
ukwahlulela kungokukaNkulu-
nkulu;[l] uma icala linzima ka-
khulu kini, kufanele nilethule
kimi, ngilizwe.’[m] **18** Ngaleso
sikhathi nganiyala ngazo zonke
izinto okufanele nizenze.

**19** “Sabe sesisuka eHore-
be sadabula lonke leliya hla-
ne elikhulu nelesabekayo[n] ena-
libona endleleni eya esifundeni
esinezintaba sama-Amori,[o] nje-

**ISAHL. 1**
a Dut 9:23
b Num 32:13; Num 33:38
c Num 21:23, 24; Jos 12:1, 2
d Num 21:33-35
e Jos 13:8, 12
f Dut 4:8; Dut 17:18; Neh 8:7
g Eks 19:1; Num 10:11, 12
h Gen 15:16
i Jos 12:2, 3
j Jos 9:1, 2
k Jos 13:1, 5; 1Kh 9:19
l Gen 15:18
m Gen 26:3
n Gen 28:13
o Gen 12:7; Gen 13:14, 15; Gen 17:1, 7
p Eks 18:17, 18

**Uhla 2**
a Gen 15:1, 5; Eks 32:13; Num 26:51; Dut 10:22
b 1Kh 3:8
c Gen 12:1-3; Gen 22:15, 17; Gen 26:3, 4; Eks 23:25
d Eks 18:17, 18; Num 11:11; Num 20:3
e Eks 18:21
f Eks 18:25
g Eks 23:8; Dut 16:18; Joh 7:24
h Eks 22:21; Lev 19:34; Lev 24:22
i Lev 19:15; Rom 2:11
j Eks 23:3
k IzA 29:25
l 2Kr 19:6
m Eks 18:25, 26
n Num 10:12; Dut 8:14, 15; Jer 2:6
o Num 13:29

**1:3** *NgesiHebheru, “nabantwana bakwa-Israyeli.” **1:7** *Ngokusobala undi lwezintaba zaseLebhanoni. **1:8** *NgesiHebheru, “nembewu.”

ngoba nje uJehova uNkulunkulu wethu ayesiyalile, ekugcineni safika eKadeshi-barineya.[a] **20** Ngabe sengithi kini, 'Senifike esifundeni esinezintaba sama-Amori, uJehova uNkulunkulu wethu asinika sona. **21** Bhekani, uJehova uNkulunkulu wenu uninike lona leli zwe. Yenyukani nilithathe, njengoba nje uJehova uNkulunkulu wokhokho benu enitshelile.[b] Ningesabi noma nethuke.'

**22** "Nokho, nonke neza kimi nathi, 'Masithumele amadoda phambi kwethu ayosihlolela izwe, abuye azositshela ukuthi sihambe ngayiphi indlela nokuthi hlobo luni lwamadolobha esiya kuwo.'[c] **23** Lokho kwaba kuhle kimi, ngakho ngakhetha amadoda angu-12 kini, eyodwa esizweni ngasinye.[d] **24** Ahamba enyukela esifundeni esinezintaba[e] aze afika eSigodini* Sase-Eshikoli asihlola. **25** Aphatha ezinye zezithelo zezwe asilethela zona, afike athi kithi, 'Izwe uJehova uNkulunkulu wethu asinika lona lihle.'[f] **26** Kodwa nenqaba ukwenyuka, nadlubulunda emyalweni kaJehova uNkulunkulu wenu.[g] **27** Nanilokhu nikhononda ematendeni enu nithi, 'UJehova wasikhipha ezweni laseGibhithe ngoba esizonda ukuze asinikele esandleni sama-Amori ukuba asiqothule. **28** Siya endaweni enjani? Abafowethu basiqeda amandla[h] ngokuthi bathi: "Bayisizwe esikhulu nesinabantu abade kunathi, amadolobha abo makhulu futhi anezivikelo eziqinile ezifinyelela ezulwini,*[i] sabona namadodana ama-Anaki[j] lapho."'

**29** "Ngakho ngathi kini, 'Ningethuki noma nesabe ngenxa yabo.[a] **30** UJehova uNkulunkulu wenu uzohamba phambi kwenu anilwele,[b] njengoba nje enza eGibhithe phambi kwenu.[c] **31** Nayibona indlela uJehova uNkulunkulu wenu anithwala ngayo ehlane njengoba nje ubaba ethwala indodana yakhe, kuyo yonke indlela enayihamba naze nafika kule ndawo.' **32** Kodwa naphezu kwakho konke lokho, anizange nibe nokholo kuJehova uNkulunkulu wenu,[d] **33** owayehamba phambi kwenu endleleni ukuze anihlolele indawo enizomisa kuyo amatende. Wayebonakala ewumlilo ebusuku, eyifu emini ukuze anibonise indlela okufanele nihambe ngayo.[e]

**34** "Sonke leso sikhathi uJehova wayekuzwa enanikusho futhi wathukuthela wafunga, wathi,[f] **35** 'Akekho noyedwa phakathi kwala madoda alesi sizukulwane esibi oyobona izwe elihle engafunga ukulinika oyihlo,[g] **36** ngaphandle kukaKalebi indodana kaJefune. Yena uyolibona futhi izwe anyathela kulo, ngiyolinika yena namadodana akhe ngoba uye walandela uJehova ngenhliziyo ephelele.*[h] **37** (Nami uJehova waze wangithukuthelela ngenxa yenu, wathi, "Nawe ngeke ungene khona.[i] **38** UJoshuwa indodana kaNuni,[j] omi phambi kwakho, nguye oyongena kuleli zwe.[k] Mqinise*[l] ngoba uyokwenza ukuba u-Israyeli alizuze njengefa.") **39** Ngaphezu kwalokho, izingane zenu enathi ziyophangwa,[m] kanye namadodana enu namuhla angakwazi okuhle

---

1:24 *Noma, "eMhosheni." 1:28 *Okuwukuthi, anezindonga eziphakeme.

1:36 *NgesiHebheru, "ngokugcwele; ngokuphelele." 1:38 *Noma kungaba, "UNkulunkulu umenze waba namandla."

---

ISAHL. 1
- a Num 13:26
- b Eks 23:27; Dut 1:8
- c Num 13:1, 2
- d Num 13:3
- e Num 13:17
- f Num 13:23-27
- g Num 14:1-4
- h Num 32:9; Jos 14:7, 8
- i Num 13:28, 33
- j Num 13:22; Jos 11:21

Uhla 2
- a Num 14:9
- b Eks 14:14; Jos 10:42
- c Num 14:22
- d Hu 78:22; Hu 106:24; Heb 3:16, 19; Jud 5
- e Eks 13:21; Eks 40:36; Num 10:33, 34; Hu 78:14
- f Num 14:28, 35; Num 32:10-12; Dut 2:14; Hu 95:11; Heb 3:11
- g Num 14:29, 35; 1Ko 10:1, 5; Heb 3:17
- h Num 14:24; Jos 14:9
- i Num 20:12; Num 27:13, 14; Dut 3:26; Hu 106:32
- j Eks 33:11; Num 11:28
- k Num 14:38
- l Num 27:18; Dut 31:7; Jos 1:6, 9
- m Num 14:3

nokubi, zona ziyongena, ngiyo-
linika zona libe elazo.[a] **40** Ko-
dwa nina jikani niye ehlane
ngendlela yasoLwandle Olubo-
mvu.'[b]

**41** "Nina nathi kimi, 'So-
nile kuJehova. Manje sizo-
kwenyuka siyolwa, njengoba
nje uJehova uNkulunkulu we-
thu esiyalile!' Ngamunye kini
wahloma ngezikhali zakhe ze-
mpi futhi nanicabanga ukuthi
kuzoba lula ukwenyukela
entabeni.[c] **42** Kodwa uJehova
wathi kimi, 'Yithi kubo: "Aku-
mele nenyuke niyolwa ngo-
ba ngeke ngibe nani.[d] Uma
nenyuka, izitha zenu zizoni-
nqoba."' **43** Ngakho ngakhu-
luma nani kodwa anilalela-
nga. Kunalokho neqa umya-
lo kaJehova futhi nathukuthe-
la, nazama ukwenyukela enta-
beni ngenkani. **44** Kwabe se-
kuphuma ama-Amori ayehlala
kuleyo ntaba eza kini afike
anixosha njengoba kwenza izi-
nyosi, anihlakaza eSeyiri kwa-
ze kwafika eHorma. **45** Nabe
senibuya naqala ukukhala pha-
mbi kukaJehova, kodwa uJe-
hova akanilalelanga futhi aka-
ninakanga. **46** Yingakho na-
hlala eKadeshi sonke leso si-
khathi.

**2** "Ngemva kwalokho saphe-
nduka salibangisa ehlane
ngendlela yasoLwandle Olubo-
mvu, njengoba nje uJehova
ayeshilo kimi,[e] sahamba izi-
nsuku eziningi sizungeza iNta-
ba iSeyiri. **2** Ekugcineni uJe-
hova wathi kimi, **3** 'Seniyizu-
ngeze isikhathi eside ngo-
kwanele le ntaba. Manje ji-
kani niye enyakatho. **4** Yala
abantu, uthi: "Nizodlula nga-
semngceleni wabafowenu aba-
hlala eSeyiri,[f] inzalo ka-Esa-
wu,[g] bazonesaba,[h] ngakho ku-
mele niqaphelisise. **5** Ninga-
lwi nabo* ngoba ngeke ngini-
nike izwe labo, ngeke ngininini-
ke ngisho nesiqeshana senda-
wo, ngoba iNtaba iSeyiri ngiyi-
nike u-Esawu njengefa.[a] **6** Ku-
fanele nibanike imali yokudla
enizokudla, nikhokhele nama-
nzi enizowaphuza.[b] **7** Ngoba
uJehova uNkulunkulu wenu
unibusisile kukho konke eni-
kwenzile. Ulwazi kahle uha-
mbo lwenu nidabula leli hlane
elikhulu. Kule minyaka engu-
40 uJehova uNkulunkulu wenu
ubelokhu enani, anizange ni-
ntule lutho."'[c] **8** Ngakho sa-
dlula ngakubafowethu abahla-
la eSeyiri, inzalo ka-Esawu,[d]
sashiya indlela yase-Araba, ne-
Elati ne-Eziyoni-gebheri.[e]

"Sabe sesiphenduka saha-
mba ngendlela yasehlane la-
kwaMowabi.[f] **9** UJehova wa-
be esethi kimi, 'Ungaxaba-
ni noMowabi noma ulwe naye
ngoba ngeke ngikunike izwe
lakhe njengefa, ngenxa yo-
kuthi i-Ari ngilinike inzalo
kaLoti njengefa.[g] **10** (Kwaku-
hlala ama-Emi[h] kulo, isizwe
esikhulu nesinabantu abani-
ngi, abade njengama-Anaki.
**11** AmaRefa[i] nawo ayebhekwa
njengama-Anaki,[j] futhi aba-
kwaMowabi babewabiza ngoku-
thi ama-Emi. **12** Ngaphambi-
li, kwakuhlala amaHori[k] eSeyi-
ri, kodwa inzalo ka-Esawu ya-
waphuca ifa lawo futhi ya-
waqothula yase ihlala endawe-
ni yawo,[l] njengoba nje no-Isra-
yeli ezokwenza ezweni eliyifa
lakhe, uJehova azomnika lona
nakanjani.) **13** Manje hamba-
ni niyowela iSigodi* SaseZere-
di.' Ngakho sasiwela iSigodi*
SaseZeredi.[m] **14** Kwasithatha
iminyaka engu-38 ukuhamba si-
suka eKadeshi-barineya size si-

ISAHL. 1
a Num 14:30, 31
b Num 14:25
c Num 14:39-45
d Lev 26:14, 17

ISAHL. 2
e Num 14:25
f Gen 27:39, 40; Gen 36:8, 9
g Num 20:14; Dut 23:7
h Eks 15:15; Eks 23:27

Uhla 2
a Dut 32:8; Jos 24:4; IzE 17:26
b Num 20:18, 19
c Dut 29:5; Neh 9:21; Hu 23:1; Hu 34:9, 10
d Num 20:20, 21
e 2Kr 8:17
f Num 21:13; Hlu 11:17, 18; 2Kr 20:10
g Gen 19:36, 37
h Gen 14:5
i Dut 3:11; 1Kr 20:6
j Num 13:22, 33
k Gen 14:6; Gen 36:20
l Gen 27:39, 40
m Num 21:12

**2:5** *Noma, "Ningabachukuluzi." **2:13** *Noma, "uMhosha."

wele iSigodi* SaseZeredi, saze
saphela sonke isizukulwane sa-
madoda empi ekamu, njengoba
nje uJehova ayefungile kuso.[a]
**15** Isandla sikaJehova sasime-
lene naso ukuze sisiqede eka-
mu size siphele nya.[b]

**16** “Kwathi nje lapho wonke
amadoda empi esefe aphela
phakathi kwabantu,[c] **17** uJe-
hova waphinde wakhuluma
nami, wathi, **18** ‘Namuhla uzo-
dlula ngasendaweni kaMowabi,
ebizwa ngokuthi i-Ari. **19** La-
pho usondela kuma-Amoni,
ungawahlukumezi noma uwa-
chukuluze, ngoba alikho izwe
lama-Amoni engiyokunika lona
njengefa, ngenxa yokuthi ngi-
linike inzalo kaLoti njengefa.[d]
**20** Nalo lalibhekwa njengezwe
lamaRefa.[e] (Kwakuhlala ama-
Refa kulo futhi abakwa-Amo-
ni babewabiza ngokuthi amaZa-
mzumi. **21** Ayeyisizwe esikhu-
lu nesinabantu abaningi abade
njengama-Anaki;[f] kodwa uJeho-
va wawaqothula phambi kwa-
bakwa-Amoni, bawaxosha bahla-
la endaweni yawo. **22** Yilokho
akwenzela inzalo ka-Esawu, ese-
yihlala eSeyiri,[g] lapho eqothula
amaHori[h] phambi kwayo, ukuze
iwaphuce ifa lawo, ihlale nase-
ndaweni yawo kuze kube namu-
hla. **23** Kodwa ama-Avi ayehla-
la ezindaweni ezazize zifike eGa-
za,[i] kwaze kwaba yilapho ama-
Khafitori[j] ayevela eKhafitori*
ewaqothula futhi ehlala endawe-
ni yawo.)

**24** “‘Sukani, nihambe niwe-
le iSigodi Sase-Arinoni.*[k] Bhe-
ka, nginikele esandleni senu
uSihoni[l] umAmori, inkosi ya-
seHeshibhoni. Ngakho yidla-
ni ifa lezwe lakhe, nilwe naye.
**25** Namuhla ngizokwenza uku-
ba bonke abantu abangaphansi
kwamazulu, abezwa umbiko
ngani banesabe. Bayokhatha-
zeka futhi baqhaqhazele* nge-
nxa yenu.’[a]

**26** “Ngemva kwalokho nga-
thumela izithunywa sisehla-
ne laseKedemoti[b] enkosini ya-
seHeshibhoni uSihoni, nala ma-
zwi okuthula,[c] ngathi, **27** ‘Ngi-
vumele ngidabule ezweni la-
kho. Ngizohamba ngomgwa-
qo kuphela, ngeke ngiphendu-
kele kwesokudla noma kweso-
bunxele.[d] **28** Kuphela nje ngi-
zodla ukudla ozongithengisela
kona ngiphuze namanzi ozongi-
thengisela wona. Wena nje ngi-
vumele ngidabule izwe ngezi-
nyawo zami **29** —yilokho inza-
lo ka-Esawu ehlala eSeyiri na-
bakwaMowabi abahlala e-Ari
abangenzela kona—ngize ngi-
wele iJordani ngingene ezwe-
ni uJehova uNkulunkulu we-
thu asinika lona.’ **30** Kodwa
uSihoni inkosi yaseHeshibho-
ni akavumanga ukuba sidabu-
le izwe, ngoba uJehova uNkulu-
nkulu wakho wamvumela waba
nenkani[e] nenhliziyo yakhe yaba
lukhuni, ukuze amnikele esa-
ndleni sakho njengoba kunjalo
manje.[f]

**31** “UJehova wabe esethi ki-
mi, ‘Bheka, sengiqalile uku-
nikela uSihoni nezwe la-
khe kuwe. Qala ukudla ifa
lezwe lakhe.’[g] **32** Lapho uSi-
honi ephuma kanye nabo bo-
nke abantu bakhe, eza ki-
thi empini eJahazi,[h] **33** uJeho-
va uNkulunkulu wethu wamni-
kela kithi, samnqoba yena,
amadodana akhe nabo bonke
abantu bakhe. **34** Sathumba
wonke amadolobha akhe nga-
leso sikhathi saqothula wonke

---

**ISAHL. 2**

a Num 14:33; Num 32:11; Dut 1:35; Hu 95:11; Heb 3:18; Jud 5
b 1Ko 10:1, 5
c Num 26:63, 64
d Gen 19:36, 38; Dut 2:9; Hlu 11:15; 2Kr 20:10; IzE 17:26
e Gen 15:18-20; Dut 3:11
f Num 13:33; Dut 9:1, 2
g Gen 36:8
h Gen 14:6; Dut 2:12
i Gen 10:19
j Gen 10:13, 14
k Num 21:13
l Num 21:23

**Uhla 2**

a Eks 15:14; Eks 23:27; Dut 11:25; Jos 2:9, 10
b Jos 13:15, 18; Jos 21:8, 37
c Dut 20:10
d Num 21:21, 22
e Rom 9:18
f Num 21:25
g Num 32:33; Hu 135:10-12
h Num 21:23, 24; Hlu 11:20

---

**2:14** *Noma, “uMhosha.” **2:23** *Oku-
wukuthi, “eKrethe.” **2:24** *Noma,
“uMhosha Wase-Arinoni.”

**2:25** *Noma, “Bayokuzwa izinhlungu
ezifana nezokubeletha.”

amadolobha, kuhlanganise na-
madoda, abesifazane nabantwa-
na. Akusalanga muntu.[a] **35** Yi-
mfuyo kuphela esayiphanga,
kanye nempahla esasiyithathe
emadolobheni esasiwathumbile.
**36** Ukusuka e-Aroweri,[b] elinga-
sonqenqemeni lweSigodi Sase-
Arinoni* (kuhlanganise nomuzi
osesigodini), kuze kufike eGile-
yadi, akukho dolobhana esinga-
fikanga kulo. UJehova uNkulu-
nkulu wethu wawanikela wo-
nke kithi.[c] **37** Nokho, aniza-
nge nisondele ezweni labakwa-
Amoni,[d] kulo lonke usebe lweSi-
godi* SaseJabhoki,[e] nasemado-
lobheni esifunda esinezintaba,
nakunoma iyiphi indawo uJeho-
va uNkulunkulu wethu ayeyinqa-
bele.

**3** “Ngemva kwalokho saphe-
nduka sakhuphuka nge-
Ndlela YaseBhashani. U-Ogi,
inkosi yaseBhashani, waphu-
ma nabo bonke abantu ba-
khe weza kithi empini e-Edire-
yi.[f] **2** Ngakho uJehova wathi
kimi, ‘Ungamesabi, ngoba ngi-
zomnikela kuwe yena nabo bo-
nke abantu bakhe nezwe la-
khe, wenze kuye njengoba nje
wenzile kuSihoni inkosi yama-
Amori, owayehlala eHeshibho-
ni.’ **3** Ngakho uJehova uNku-
lunkulu wethu waphinde wa-
nikela kithi u-Ogi inkosi ya-
seBhashani nabo bonke aba-
ntu bakhe, sababulala kwa-
ze kwangasala ngisho noye-
dwa. **4** Sabe sesithumba wo-
nke amadolobha akhe. Aku-
kho dolobhana esingalithatha-
nga kubo—amadolobha angu-
60, sonke isifunda sase-Arigo-
bhi, umbuso ka-Ogi eBhasha-
ni.[g] **5** Wonke la madolobha
ayevikelwe ngezindonga ezi-
phakeme, amasango nemigo-
qo kanye namadolobhana ama-
ningi kakhulu asemaphandleni.
**6** Nokho, sawaqothula[a] nje-
ngoba nje sasenzile kuSiho-
ni inkosi yaseHeshibhoni, ngo-
kuqothula wonke amadolobha,
kuhlanganise namadoda, abe-
sifazane nabantwana.[b] **7** Sa-
zithathela yonke imfuyo ne-
mpahla yamadolobha.

**8** “Ngaleso sikhathi salidla
izwe lamakhosi amabili ama-
Amori[c] ayesesifundeni sase-
Jordani, kusukela eSigodi-
ni Sase-Arinoni* kuze kufike
eNtabeni iHermoni[d] **9** (ama-
Sidoni ayebiza le ntaba ngo-
kuthi iSiriyoni, ama-Amori eyi-
biza ngokuthi iSeniri), **10** wo-
nke amadolobha ezwe elindla-
lekile,* lonke iGileyadi nalo lo-
nke iBhashani kuze kufike
eSaleka nase-Edireyi,[e] amado-
lobha ombuso ka-Ogi eBha-
shani. **11** Ngoba u-Ogi inkosi
yaseBhashani uyena owayese-
le kumaRefa. Uhlaka lwakhe lo-
kungcwaba* lwalwenziwe nge-
nsimbi,# futhi luseseRaba laba-
kwa-Amoni. Ubude balo bunga-
mamitha△ amane, nobubanzi
balo bungamamitha angu-1,8.
**12** Ngaleso sikhathi sathatha
leli zwe: kusukela e-Aroweri,[f]
elingaseSigodini Sase-Arino-
ni,* nohhafu wesifunda esine-
zintaba saseGileyadi, amadolo-
bha aso ngiwanike abakwa-
Rubeni nabakwaGadi.[g] **13** Yo-
nke ingxenye esele yeGileyadi
nalo lonke iBhashani lombuso
ka-Ogi ngikunike uhhafu wesi-
zwe sakwaManase.[h] Sonke isi-
funda sase-Arigobhi, esingesa-

ISAHL. 2
*a* Dut 20:16, 17
*b* Dut 3:12; Dut 4:47, 48; Jos 13:8, 9
*c* Hu 44:3
*d* Dut 3:16; Hlu 11:15
*e* Num 21:23, 24

ISAHL. 3
*f* Num 21:33-35
*g* Num 32:33; Dut 29:7, 8; Jos 13:29, 30

Uhla 2
*a* Lev 27:29
*b* Lev 18:25
*c* Num 32:33
*d* Jos 12:1, 2
*e* Num 21:33
*f* Num 32:34
*g* Num 32:33
*h* Num 32:39; Jos 13:29-31; 1Kr 5:23

**2:36** *Noma, “loMhosha Wase-Arinoni.” **2:37** *Noma, “loMhosha.”

**3:8** *Noma, “eMhosheni Wase-Arinoni.” **3:10** *Noma, “asenkangala.” **3:11** *Noma, “Ibhokisi lakhe lomngcwabo.” #Noma kungaba, “ngetshe elimnyama.” △Ingalo elingana no-44,5 cm. Bheka iSithasiselo B14. **3:12** *Noma, “elingase-Mhosheni Wase-Arinoni.”

seBhashani, sasibizwa ngoku-
thi izwe lamaRefa.
**14** "UJayire[a] indodana ka-
Manase wasithatha sonke isi-
funda sase-Arigobhi[b] kuze ku-
fike emngceleni wamaGeshu-
ri nowamaMahakhati,[c] waqa-
mba lezo zindawo zaseBhasha-
ni ngegama lakhe, ngokuthi
iHavoti-jayire,*[d] kuze kube ma-
nje. **15** UMakiri ngimnike iGi-
leyadi.[e] **16** AbakwaRubeni
nabakwaGadi[f] ngibanike inda-
wo esukela eGileyadi kuye
eSigodini Sase-Arinoni,* inka-
ba yesigodi yaba umngcele,
futhi kuze kufike eJabhoki, isi-
godi esiwumngcele wabakwa-
Amoni, **17** ne-Araba neJorda-
ni nomngcele, kusukela eKhi-
nereti kuya oLwandle Lwase-
Araba, uLwandle Lukasawo-
ti,* phansi ezindaweni ezehle-
layo zasePhisiga ngasempuma-
langa.[g]
**18** "Nganinika lo myalo nga-
leso sikhathi, ngathi, 'UJeho-
va uNkulunkulu wenu uninike
leli zwe ukuba nilithathe. Wo-
nke amadoda enu angama-
qhawe ayothatha izikhali awe-
le phambi kwabafowenu, ama-
Israyeli.[h] **19** Kuphela omke-
nu, izingane zenu nemfuyo
yenu (ngazi kahle ukuthi nine-
mfuyo eningi kakhulu), okuzo-
sala emadolobheni engininike
wona, **20** kuze kube yilapho
uJehova ephumuza abafowe-
nu, njengoba enza kini, futhi
nabo sebelithathile izwe uJe-
hova uNkulunkulu wenu azoba-
nika lona ngaphesheya kweJo-
rdani. Ngemva kwalokho niyo-
buya, kube yilowo nalowo efe-
ni lakhe engininike lona.'[i]
**21** "Ngaleso sikhathi ngaya-
la uJoshuwa,[j] ngathi: 'Uzibo-
nele ngawakho lokho uJeho-
va uNkulunkulu wenu akwenzi-
le kula makhosi amabili. UJe-
hova uyokwenza into efanayo
kuyo yonke imibuso enizowele-
la kuyo.[a] **22** Akumele niyesa-
be ngoba uJehova uNkulunku-
lu wenu nguye onilwelayo.'[b]
**23** "Ngaleso sikhathi nga-
nxusa uJehova, ngathi, **24** 'O
Nkosi EnguMbusi Jehova, usu-
qalile ukubonisa inceku yakho
ubukhulu bakho nengalo yakho
enamandla,[c] ngoba yimuphi
unkulunkulu emazulwini noma
emhlabeni owenza izenzo ezi-
namandla njengawe?[d] **25** Ngi-
cela ungivumele ngiwele ngi-
bone izwe elihle elingaphesheya
ya kweJordani, lesi sifunda esi-
hle esinezintaba neLebhanoni.'[e]
**26** Kodwa uJehova wayesangi-
thukuthelele ngenxa yenu,[f] aka-
zange angilalele. Kunalokho,
uJehova wathi kimi, 'Kwanele
manje! Ungaphinde ukhulume
nami ngale ndaba. **27** Yenyu-
kela esiqongweni sePhisiga[g]
ubheke entshonalanga, enya-
katho, eningizimu nasempu-
malanga ubuke izwe ngame-
hlo akho, ngoba ngeke uliwe-
le leli Jordani.[h] **28** Beka uJo-
shuwa,[i] umkhuthaze, umqinise,
ngoba nguye ozowela[j] phambi
kwalesi sizwe futhi nguye ozo-
senza ukuba silizuze njengefa
izwe ozolibona.' **29** Konke lo-
khu kwenzeka ngesikhathi si-
hlala esigodini esiphambi kwe-
Bheti-peyori.[k]

**4** "O Israyeli, manje lalela izi-
qondiso nezinqumo zokwa-
hlulela enginifundisa ukuba ni-
zigcine ukuze niphile,[l] ningene
nithathe izwe uJehova, uNku-
lunkulu wokhokho benu, ani-
nika lona. **2** Akumele nine-
zele emazwini enginiyala nga-
wo futhi akumele nisuse utho
kuwo,[m] ukuze nigcine imiyalo

---

**3:14** *Incazelo: "Amadolobhana Amatende AseJayire." **3:16** *Noma, "eMhosheni Wase-Arinoni." **3:17** *Okuwukuthi, uLwandle Olufile.

ISAHL. 3
*a* 1Kr 2:22
*b* Dut 3:4
*c* Jos 13:13
*d* Num 32:40, 41
*e* Num 32:39; Jos 17:1
*f* Num 32:33; Jos 22:9
*g* Num 34:11, 12
*h* Num 32:20-22
*i* Jos 1:14, 15; Jos 22:4, 8
*j* Num 11:28; Num 14:30; Num 27:18

Uhla 2
*a* Jos 10:25
*b* Eks 14:14; Eks 15:3; Dut 1:30; Dut 20:4; Jos 10:42
*c* Eks 15:16; Dut 11:2
*d* Eks 15:11; 2Sa 7:22; 1Kh 8:23; Hu 86:8; Jer 10:6, 7
*e* Eks 3:8; Dut 1:7; Dut 11:11, 12
*f* Num 20:12; Num 27:13, 14; Dut 4:21; Hu 106:32
*g* Num 27:12
*h* Dut 34:1, 4
*i* Num 27:18-20; Dut 1:38; Dut 31:7
*j* Jos 1:1, 2
*k* Dut 4:45, 46; Dut 34:5, 6

ISAHL. 4
*l* Lev 18:5
*m* Dut 12:32; IzA 30:5, 6; IsA 22:18, 19

kaJehova uNkulunkulu wenu
enginiyala ngayo.
**3** “Amehlo enu akubonile lo-
kho uJehova akwenza endabe-
ni kaBhali wasePheyori; uJe-
hova uNkulunkulu wenu waqo-
thula bonke abantu ababela-
ndela uBhali wasePheyori pha-
kathi kwenu.[a] **4** Kodwa no-
nke nina enibambelela kuJeho-
va uNkulunkulu wenu niyaphi-
la namuhla. **5** Bhekani, ngini-
fundisile iziqondiso nezinqumo
zokwahlulela,[b] njengoba nje
uJehova uNkulunkulu wami
engiyalile, ukuze nizigcine
ezweni enizolithatha. **6** Ku-
mele nizilandele ngokucophe-
lela,[c] ngoba lokho kuyobonisa
ukuthi nihlakaniphile[d] futhi ni-
nokuqonda[e] phambi kwezizwe
eziyozwa ngazo zonke lezi ziqo-
ndiso, futhi ziyothi, ‘Ngokunga-
ngabazeki, lesi sizwe esikhulu
siyisizwe esihlakaniphile nesi-
qondayo.’[f] **7** Ngoba yisiphi isi-
zwe esikhulu esinawonkulu-
nkulu abaseduze naso ngendle-
la uJehova uNkulunkulu we-
thu aseduze ngayo kithi noma
nini lapho simbiza?[g] **8** Yisi-
phi isizwe esikhulu esineziqo-
ndiso ezilungile nezinqumo zo-
kwahlulela njengawo wonke lo
Mthetho engiwubeka phambi
kwenu namuhla?[h]
**9** “Kuphela nje qaphelani ni-
zinakekele kahle, ukuze ninga-
zikhohlwa izinto amehlo enu
azibonile futhi zingasuki enhli-
ziyweni yenu zonke izinsuku
zokuphila kwenu. Kumele niza-
zise nabantwana benu nabazu-
kulu benu.[i] **10** Ngosuku ena-
ma ngalo phambi kukaJeho-
va uNkulunkulu wenu eHore-
be, uJehova wathi kimi, ‘Qoqe-
la abantu ndawonye kimi ngi-
zobazwisa amazwi ami,[j] uku-
ze bafunde ukungesaba[k] zonke
izinsuku zokuphila kwabo em-
hlabeni futhi bafundise aba-
ntwana babo.’[a]
**11** “Ngakho nasondela nama
phansi kwentaba, intaba yayi-
vutha umlilo ofinyelela ema-
zulwini; kwakukhona ubum-
nyama namafu amnyama.[b]
**12** UJehova wakhuluma nani
esemlilweni.[c] Nezwa umsindo
wamazwi, kodwa anibonanga
lutho[d]—nezwa izwi kuphela.[e]
**13** Washo isivumelwano sakhe
kini,[f] aniyala ukuba nisigcine
—iMiyalo Eyishumi.*[g] Ngemva
kwalokho, wayibhala ematshe-
ni amabili ayizicaba.[h] **14** Nga-
leso sikhathi uJehova wangi-
yala ukuba nginifundise iziqo-
ndiso nezinqumo zokwahlulela,
enizozigcina ezweni enizonge-
na kulo nilithathe.
**15** “Ngakho, zinakekeleni
kahle—njengoba ningabonanga
lutho ngosuku uJehova akhu-
luma nani ngalo eHorebe epha-
kathi komlilo— **16** ukuze ni-
ngenzi ngokukhohlakala ngo-
kuzenzela umfanekiso obaziwe
wanoma yiluphi uhlobo lomfa-
nekiso. Lokhu kuhlanganisa
umfanekiso wowesilisa noma
wowesifazane,[i] **17** umfaneki-
so wanoma yisiphi isilwane esi-
semhlabeni noma umfanekiso
wanoma iyiphi inyoni endiza
esibhakabhakeni,[j] **18** umfa-
nekiso wanoma yini ehuquze-
la emhlabathini noma umfa-
nekiso wanoma iyiphi inhlanzi
esemanzini ngaphansi komhla-
ba.[k] **19** Lapho niphakamisela
amehlo enu emazulwini nibo-
na ilanga nenyanga nezinka-
nyezi—lonke ibutho lamazulu—
ningayengeki bese nikukho-
thamela nikukhonza.[l] UJehova
uNkulunkulu wenu ukunike zo-
nke izizwe ezingaphansi kwa-
wo wonke amazulu. **20** Ko-

**4:13** *NgesiHebheru, “aMazwi Ayishumi.”

ISAHL. 4
a Num 25:5, 9; Hu 106:28; Hos 9:10; 1Ko 10:7, 8
b Lev 26:46; Num 30:16; Num 36:13; Dut 6:1
c 1Kh 2:3
d Hu 111:10
e Hu 119:98, 100
f 1Kh 4:34; 1Kh 10:4-7; Dan 1:19, 20
g Eks 25:8; Lev 26:12; Dut 5:26; 2Sa 7:23
h Hu 147:19, 20
i Gen 18:19; Dut 6:6, 7
j Eks 19:9
k Eks 20:20; Dut 5:29

Uhla 2
a IzA 22:6; Efe 6:4
b Eks 19:18; Heb 12:18, 19
c Dut 9:10
d Isay 40:18; Joh 1:18; Joh 4:24
e Eks 20:22
f Eks 19:5; Dut 5:2; Dut 9:9; Heb 9:19, 20
g Eks 20:1; Eks 34:28; Dut 10:4
h Eks 24:12; Eks 31:18; Eks 32:19; Eks 34:1
i Eks 20:4; Dut 27:15; Isay 40:18; IzE 17:29; 1Ko 10:14
j Dut 5:8; Rom 1:22, 23
k 1Sa 5:4
l Dut 17:2, 3; 2Kh 17:16; Hez 8:16

dwa yinina uJehova anithatha
wanikhipha eziko lokuncibilikisa insimbi, wanikhipha eGibhithe, ukuze nibe isizwe sakhe,*[a]
njengoba ninjalo namuhla.
**21** "UJehova wangithukuthelela ngenxa yenu,[b] wafunga
ukuthi akufanele ngiwele iJordani noma ngingene ezweni elihle uJehova uNkulunkulu wenu aninika lona njengefa.[c]
**22** Ngoba mina ngizofela kuleli
zwe; ngeke ngiliwele iJordani,[d]
kodwa nina niyoliwela, nilithathe leli zwe elihle. **23** Qaphelani ukuba ningasikhohlwa isivumelwano sikaJehova uNkulunkulu wenu asenza nani,[e] ningazenzeli umfanekiso obaziwe, umfanekiso wanoma yini uJehova uNkulunkulu wenu
ayenqabele.[f] **24** Ngoba uJehova uNkulunkulu wenu ungumlilo oqothulayo,[g] uNkulunkulu ofuna nizinikele kuye kuphela.[h]
**25** "Uma nizala abantwana nabazukulu futhi senihlale isikhathi eside ezweni bese nenza ngendlela yokonakala, nenze umfanekiso obaziwe[i] wanoma yini, nenze okubi emehlweni kaJehova uNkulunkulu wenu bese nimcasula,[j] **26** ngimisa amazulu nomhlaba njengofakazi ngokumelene nani namuhla bokuthi nakanjani niyoshabalala niphele ngokushesha ezweni eniwela iJordani ukuba nilithathe. Ngeke nihlale isikhathi eside kulo, kodwa niyoqothulwa niphele
nya.[k] **27** UJehova uyonihlakazela phakathi kwezizwe,[l] bambalwa kini abayosinda[m] phakathi kwezizwe uJehova ayonixoshela kuzo. **28** Lapho kuyomelwe nikhonze onkulunkulu bokhuni namatshe abenziwe izandla zomuntu,[n] onkulunkulu abangaboni, abangezwa, abangadli nabangakwazi ukuhogela.
**29** "Uma nimfuna uJehova uNkulunkulu wenu nilapho, nakanjani niyomthola,[a] uma nimfuna ngayo yonke inhliziyo yenu nangawo wonke umphefumulo* wenu.[b] **30** Lapho nikhungethwe usizi futhi zonke lezi zinto sezenzekile kini kamuva, niyobuyela kuJehova uNkulunkulu wenu nilalele izwi lakhe.[c] **31** Ngoba uJehova uNkulunkulu wenu unguNkulunkulu onesihe.[d] Ngeke anilahle noma anichithe noma akhohlwe isivumelwano asifunga kokhokho benu.[e]
**32** "Manje, buzani ngezinsuku zangaphambili ningakabi khona, kusukela osukwini uNkulunkulu adala ngalo umuntu emhlabeni; cingani kusukela komunye umkhawulo wamazulu kuze kufike komunye umkhawulo wamazulu. Yake yenzeka yini into enkulu kangaka noma yake yezwakala
yini into efana nayo?[f] **33** Sikhona yini esinye isizwe esezwa izwi likaNkulunkulu likhuluma emlilweni ngendlela nina enalizwa ngayo, kodwa naqhubeka niphila?[g] **34** Noma ingabe uNkulunkulu wake wazama ukuzithathela isizwe phakathi kwesinye isizwe ngezahlulelo,* ngezibonakaliso, ngezimangaliso,[h] ngempi,[i] ngokubonisa amandla amakhulu[j] nangezenzo ezesabekayo,[k] njengoba uJehova uNkulunkulu wenu enza kini eGibhithe phambi kwamehlo enu? **35** Nina uqobo lwenu nizibonisiwe lezi zinto ukuze nazi ukuthi uJehova unguNkulunkulu weqiniso;[l] akekho omunye ngaphandle kwakhe.[m]

ISAHL. 4
*a* Eks 19:5
*b* Hu 106:32
*c* Num 20:12; Dut 31:1, 2
*d* Dut 3:27
*e* Eks 24:3
*f* Eks 20:4
*g* Eks 24:17; Dut 9:3; Heb 12:29
*h* Eks 20:5; Eks 34:14; Num 25:11; Luk 10:27
*i* Hlu 18:30; 2Kh 21:1, 7
*j* 2Kh 17:16, 17
*k* Lev 18:24, 28; Lev 26:27, 32
*l* Dut 28:64; Neh 1:8
*m* Dut 28:62
*n* Dut 28:15, 36; Jer 16:13; Hez 20:39

Uhla 2
*a* 2Kr 15:4, 15
*b* Dut 30:1-3; Dut 30:8-10; 1Kh 8:48, 49; Jer 29:13; Jow 2:12
*c* 2Kr 33:13; Neh 1:9
*d* Eks 34:6; Dut 30:3; 2Kr 30:9; Neh 9:31; Isay 54:7; Isay 55:7
*e* Lev 26:42
*f* Hu 44:1
*g* Dut 5:26
*h* Eks 7:3
*i* Eks 15:3
*j* Eks 13:3
*k* Dut 26:8; Hu 78:43-51
*l* Eks 6:7
*m* Eks 15:11; Dut 32:39; 1Sa 2:2; Isay 45:18; Mar 12:32

**4:20** *Noma, "esiyifa lakhe."

**4:29** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **4:34** *Noma, "ngezilingo."

**36** Wanenza nezwa izwi lakhe
liphuma emazulwini ukuze ani-
qondise, emhlabeni wanenza
nabona umlilo wakhe omkhulu
futhi nezwa amazwi akhe eve-
la emlilweni.[a]

**37** “Ngenxa yokuthi wayeba-
thanda okhokho benu futhi wa-
khetha inzalo* yabo,[b] wanikhi-
pha eGibhithe ngamandla akhe
amakhulu. **38** Waxosha pha-
mbi kwenu izizwe ezinkulu ne-
zinamandla kunani, ukuze ani-
ngenise, aninike izwe lazo nje-
ngefa njengoba kunjalo namu-
hla.[c] **39** Ngakho kufanele nazi
kahle namuhla, futhi nikufake
enhliziyweni ukuthi uJehova
unguNkulunkulu weqiniso phe-
zulu emazulwini nasemhlabe-
ni.[d] Akekho omunye.[e] **40** Ku-
mele nigcine iziqondiso zakhe
nemiyalo yakhe enginiyala nga-
yo namuhla, ukuze kuniha-
mbele kahle nina nabantwa-
na benu, nihlale isikhathi esi-
de ezweni uJehova uNkulunku-
lu wenu aninika lona.”[f]

**41** Ngaleso sikhathi uMo-
se wabekela eceleni amado-
lobha amathathu asohlango-
thini lweJordani olungasempu-
malanga.[g] **42** Uma umbulali
ebulala umuntu wakubo enga-
hlosile, kuyilapho ayengamzo-
ndi ngaphambili,[h] kumele aba-
lekele kwelinye lalawa madolo-
bha ukuze aphile.[i] **43** La ma-
dolobha iBhezeri[j] ehlane ezwe-
ni elendlalekile* eliyoba elaba-
kwaRubeni, iRamoti[k] eGileyadi
eliyoba elabakwaGadi, neGola-
ni[l] eBhashani eliyoba elaba-
kwaManase.[m]

**44** Manje nawu uMthetho[n]
uMose awubeka phambi kwa-
bantu bakwa-Israyeli. **45** Lezi
izikhumbuzo, iziqondiso ne-
zinqumo zokwahlulela uMo-
se azinika ama-Israyeli nge-
mva kokuphuma kwawo eGi-
bhithe,[a] **46** esifundeni sase-
Jordani, esigodini esibheke-
ne neBheti-peyori,[b] ezweni li-
kaSihoni inkosi yama-Amo-
ri, owayehlala eHeshibho-
ni,[c] lowo owanqotshwa uMose
nama-Israyeli ngemva kokuphu-
ma kwabo eGibhithe.[d] **47** Ba-
lithatha izwe lakhe nezwe lika-
Ogi[e] inkosi yaseBhashani, ama-
khosi amabili ama-Amori aye-
sesifundeni esisempumalanga
yeJordani, **48** kusukela e-Aro-
weri,[f] elisonqenqemeni lweSi-
godi Sase-Arinoni,* kuze ku-
fike phezulu eNtabeni iSiyo-
ni, ebizwa ngokuthi iHermoni,[g]
**49** nalo lonke i-Araba esifunde-
ni esisempumalanga yeJordani,
kuze kufike oLwandle Lwase-
Araba* phansi ezindaweni eze-
hlelayo zasePhisiga.[h]

**5** UMose wabe esebiza wonke
u-Israyeli wathi kuye: “O
Israyeli, yizwa iziqondiso ne-
zinqumo zokwahlulela engizi-
memezela kuwe namuhla, uzi-
funde futhi uzigcine ngokuco-
phelela. **2** UJehova uNkulu-
nkulu wethu wenza isivume-
lwano nathi eHorebe.[i] **3** UJe-
hova akasenzanga nokhokho
bethu lesi sivumelwano, ko-
dwa wasenza nathi, sonke
thina esiphilayo lapha namu-
hla. **4** UJehova wakhuluma
nani ubuso nobuso entabeni,
emlilweni.[j] **5** Ngangimi pha-
kathi kukaJehova nani ngale-
so sikhathi[k] ukuze ngidlulise-
le izwi likaJehova kini, ngoba
nanesaba ngenxa yomlilo fu-
thi anikhuphukelanga entabe-
ni.[l] Wathi:

**6** “‘NginguJehova uNkulu-
nkulu wakho, owakukhipha

ISAHL. 4
*a* Eks 19:18; Eks 20:22
*b* Dut 10:15; Hu 105:6
*c* Eks 23:28; Dut 7:1; Dut 9:1; Jos 3:10
*d* 2Kr 20:6
*e* Isay 44:6
*f* Gen 48:3, 4
*g* Num 35:14
*h* Num 35:22-24
*i* Num 35:11, 25; Dut 19:4, 5
*j* Jos 21:8, 36
*k* Jos 21:8, 38
*l* Jos 21:27
*m* Jos 20:8, 9
*n* Dut 17:18; Dut 27:2, 3; Gal 3:24

Uhla 2
*a* Lev 26:46; Dut 4:1
*b* Dut 1:5; Dut 3:29
*c* Num 21:26
*d* Num 21:23, 24
*e* Num 21:33; Dut 3:4
*f* Dut 2:36; Dut 3:12
*g* Dut 3:8, 9
*h* Dut 3:16, 17; Dut 34:1

ISAHL. 5
*i* Eks 19:5; Heb 9:19, 20
*j* Eks 19:9, 18; IzE 7:38
*k* Eks 20:19; Gal 3:19
*l* Eks 19:16

**4:37** *NgesiHebheru, “imbewu.” **4:43** *Noma, “enkangala.”

**4:48** *Noma, “loMhosha Wase-Arinoni.” **4:49** *Okuwukuthi, uLwandle Lukasawoti, noma uLwandle Olufile.

ezweni laseGibhithe, endli-
ni yobugqila.[a] 7 Ungalokothi
ube nabanye onkulunkulu nga-
phandle kwami.*[b]
8 "'Ungazenzeli umfanekiso
obaziwe[c] nanoma yini efana ne-
nto ephezulu emazulwini noma
esemhlabeni noma esemanzini
ngaphansi komhlaba. 9 Unga-
kukhothameli futhi ungayenge-
lwa ukuba ukukhonze,[d] ngoba
mina Jehova uNkulunkulu wa-
kho, nginguNkulunkulu ofuna
abantu bazinikele kuye kuphe-
la,[e] oletha isijeziso ngenxa ye-
siphambeko soyise kubantwa-
na, esizukulwaneni sesithathu
nesesine salabo abangizonda-
yo,[f] 10 kodwa obonisa utha-
ndo oluqotho* esizukulwaneni
senkulungwane salabo abangi-
thandayo bagcine imiyalo yami.
11 "'Ungalisebenzisi kabi
igama likaJehova uNkulunkulu
wakho,[g] ngoba uJehova ngeke
angamjezisi olisebenzisa kabi
igama lakhe.[h]
12 "'Gcina usuku lweSabatha
ukuze luhlale lungcwele, njengo-
ba nje uJehova uNkulunkulu wa-
kho ekuyalile.[i] 13 Uyosebenza,
wenze wonke umsebenzi wakho
izinsuku eziyisithupha,[j] 14 ko-
dwa usuku lwesikhombisa luyi-
sabatha kuJehova uNkulunkulu
wakho.[k] Akumele wenze noma
imuphi umsebenzi,[l] wena noma
indodana yakho noma indoda-
kazi yakho noma isigqila sakho
noma isigqilakazi sakho noma
inkabi yakho noma imbongolo
yakho noma isiphi isilwane
sakho osifuyile noma isifiki
esihlala emadolobheni* akho,[m]
ukuze isigqila nesigqilakazi sa-
kho nabo baphumule njengawe.[n]
15 Khumbula ukuthi waba isi-

5:7 *Noma, "Ungalokothi ungangilaleli ngokuba nabanye onkulunkulu." 5:10 *Noma, "umusa wothando." 5:14 *NgesiHebheru, "emasangweni."

gqila ezweni laseGibhithe no-
kuthi uJehova uNkulunkulu wa-
kho wakukhipha lapho ngama-
ndla amakhulu.[a] Yingakho uJe-
hova uNkulunkulu wakho akuya-
la ukuba ugcine usuku lweSaba-
tha.
16 "'Hlonipha uyihlo nonyo-
ko,[b] njengoba nje uJehova
uNkulunkulu wakho ekuyalile,
ukuze uphile isikhathi eside
futhi uchume* ezweni uJeho-
va uNkulunkulu wakho akuni-
ka lona.[c]
17 "'Ungabulali.[d]
18 "'Ungaphingi.[e]
19 "'Ungebi.[f]
20 "'Ungafakazi amanga ngo-
munye umuntu.[g]
21 "'Ungafisi umfazi womu-
nye umuntu.[h] Ungabi nobugo-
vu ufise indlu yomunye umuntu
noma insimu yakhe noma isigqi-
la sakhe noma isigqilakazi sa-
khe noma inkomo yakhe noma
imbongolo yakhe nanoma yini
engeyomunye umuntu.'[i]
22 "Le miyalo* uJehova wa-
yikhuluma kulo lonke ibandla
lenu entabeni, emlilweni nase-
mafwini amnyama,[j] ngezwi eli-
khulu futhi akanezelanga lu-
tho; ngemva kwalokho wayi-
bhala ematsheni amabili ayizi-
caba wanginika wona.[k]
23 "Kwathi nje lapho senili-
zwile izwi elaliphuma ebumnya-
meni, ngesikhathi intaba ivu-
tha umlilo,[l] zonke izinhloko ze-
zizwe zenu namadoda amadala
beza kimi. 24 Nathi, 'UJeho-
va uNkulunkulu wethu usiboni-
se inkazimulo yakhe nobukhu-
lu bakhe, futhi sizwe izwi la-
khe liphuma emlilweni.[m] Namu-
hla sibonile ukuthi uNkulunku-
lu angakhuluma nomuntu futhi
aqhubeke ephila.[n] 25 Manje
kungani kufanele sife? Ngoba

5:16 *Noma, "kukuhambele kahle." 5:22 *NgesiHebheru, "La mazwi."

ISAHL. 5
a Eks 13:3; Eks 20:2
b Eks 20:3-6; 2Kh 17:35
c Lev 26:1; Dut 4:15, 16; Dut 4:23; Dut 27:15; IzE 17:29
d Eks 23:24; 1Ko 10:14
e Eks 34:14; Dut 4:24; Isay 42:8; Mat 4:10
f Eks 34:6, 7
g Eks 22:28; Lev 19:12
h Eks 20:7; Lev 24:16
i Eks 16:23; Eks 20:8-10; Eks 31:13
j Eks 34:21
k Eks 16:29
l Neh 13:15
m Eks 23:12
n Dut 10:17; Efe 6:9

Uhla 2
a Eks 6:6; Dut 4:34
b Eks 21:15; Lev 19:3; Dut 27:16; IzA 1:8; Mar 7:10
c Eks 20:12; Efe 6:2, 3
d Gen 9:6; Eks 20:13; Num 35:20, 21; Mat 5:21; Rom 13:9
e Eks 20:14; 1Ko 6:18; Heb 13:4
f Eks 20:15; Lev 19:11; IzA 30:8, 9; 1Ko 6:10; Efe 4:28
g Eks 20:16; Eks 23:1; Lev 19:16; Dut 19:16-19; IzA 6:16, 19; IzA 19:5
h Mat 5:28
i Eks 20:17; Luk 12:15; Rom 7:7
j Eks 19:9, 18
k Eks 24:12; Eks 31:18; Dut 4:12, 13
l Eks 20:18; Heb 12:18, 19
m Eks 24:17
n Dut 4:33, 36

lo mlilo omkhulu ungase usi-
qothule. Uma siqhubeka si-
zwa izwi likaJehova uNkulu-
nkulu wethu, nakanjani sizo-
fa. **26** Ngoba ubani kubo bo-
nke abantu oke wezwa izwi li-
kaNkulunkulu ophilayo likhulu-
ma emlilweni njengoba thina si-
lizwile kodwa waqhubeka ephi-
la? **27** Wena ngokwakho ku-
mele usondele uzwe konke uJe-
hova uNkulunkulu wethu azo-
kusho, nguwe ozositshela ko-
nke lokho uJehova uNkulunku-
lu wethu akushoyo kuwe, thina
sizokulalela futhi sikwenze.’[a]

**28** “Ngakho uJehova wawe-
zwa amazwi enawakhuluma
kimi, uJehova wathi kimi, ‘Ngi-
wazwile amazwi akhulunywe
yilesi sizwe kuwe. Konke esi-
kushilo kuhle.[b] **29** Ukube nje
besiyohlale sinenhliziyo enge-
sabayo,[c] sigcine yonke imiya-
lo yami;[d] bekuyosihambela ka-
hle sona nabantwana baso
kuze kube phakade![e] **30** Ha-
mba uthi kuso: “Buyelani ema-
tendeni enu.” **31** Kodwa wena
kufanele uhlale lapha nami,
ngikutshele yonke imiyalo, izi-
qondiso nezinqumo zokwahlu-
lela okufanele usifundise zona
nokufanele sizigcine ezweni
engisinika lona ukuba silitha-
the.’ **32** Manje kufanele niqi-
kelele ukuthi nenza njengo-
ba nje uJehova uNkulunku-
lu wenu eniyalile.[f] Akume-
le niphendukele kwesokudla
noma kwesobunxele.[g] **33** Ku-
fanele nihambe ngayo yonke
indlela uJehova uNkulunkulu
wenu aniyale ngayo,[h] ukuze ni-
phile futhi nichume, nandise
izinsuku zenu ezweni enizoli-
thatha.[i]

**6** “Manje lokhu kuyimiyalo, izi-
qondiso nezinqumo zokwa-
hlulela uJehova uNkulunkulu
wakho akunike zona ngenjo-
ngo yokuba akufundise, uku-
ze uzigcine lapho uwelela ezwe-
ni ozolithatha, **2** ukuze umesa-
be uJehova uNkulunkulu wa-
kho, ugcine yonke imithetho ya-
khe nemiyalo yakhe engikuya-
la ngayo—wena nendodana ya-
kho nomzukulu wakho[a]—zonke
izinsuku zokuphila kwakho, uku-
ze uphile isikhathi eside.[b] **3** O
Israyeli kumele ulalele, ukugci-
ne ngokucophelela ukuze uchu-
me futhi wande kakhulu ezwe-
ni eligeleza ubisi noju, njengoba
nje uJehova, uNkulunkulu wo-
khokho bakho, ekuthembisile.

**4** “O Israyeli, lalela: UJe-
hova uNkulunkulu wethu
unguJehova oyedwa.[c] **5** Ku-
mele uthande uJehova uNku-
lunkulu wakho ngayo yonke
inhliziyo yakho nangawo wo-
nke umphefumulo*[d] wakho na-
ngawo wonke amandla akho.#[e]
**6** La mazwi engikuyala ngawo
namuhla kumele abe senhlizi-
yweni yakho, **7** kumele uwa-
gxilise* kubantwana bakho[f] fu-
thi ukhulume ngawo lapho
uhleli endlini yakho nalapho
uhamba endleleni nalapho ula-
la nalapho uvuka.[g] **8** Wabo-
phe abe isikhumbuzo esandle-
ni sakho, abe njengebhande la-
sesiphongweni kuwe.*[h] **9** Wa-
lobe ezinsikeni zomnyango we-
ndlu yakho nasemasangweni
akho.

**10** “Lapho uJehova uNkulu-
nkulu wakho ekungenisa ezwe-
ni afunga kokhokho bakho, u-
Abrahama, u-Isaka noJako-
be ukukunika lona[i]—amadolo-
bha amakhulu namahle onga-
zange uwakhe,[j] **11** izindlu ezi-
gcwele zonke izinhlobo ze-

ISAHL. 5
a Eks 20:19; Heb 12:18, 19
b Dut 18:16, 17
c Dut 10:12; Job 28:28; IzA 1:7; Mat 10:28; 1Pe 2:17
d IzA 4:4; IzA 7:2; Shu 12:13; Isay 48:18; 1Jo 5:3
e Hu 19:8, 11; Jak 1:25
f Dut 6:3, 25; Dut 8:1
g Dut 12:32; Jos 1:7, 8
h Dut 10:12
i Dut 4:40; Dut 12:28; Rom 10:5

Uhla 2

ISAHL. 6
a Gen 18:19; Dut 4:9
b IzA 3:1, 2
c Dut 5:7; Isay 42:8; Zak 14:9; Mar 12:29, 32; 1Ko 8:6
d Dut 10:12; Dut 11:13; Dut 30:6; Mat 22:37
e Mar 12:30, 33; Luk 10:27
f Gen 18:19; Dut 4:9; IzA 22:6; Efe 6:4
g Dut 11:19
h Dut 11:18
i Gen 15:18
j Jos 24:13; Hu 105:44

**6:5** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. #Noma, “nangakho konke onakho.” **6:7** *Noma, “uwaphindaphinde; uwagcizelele.” **6:8** *NgesiHebheru, “eliphakathi kwamehlo akho.”

zinto ezinhle ongazisebenzelanga, imithombo ongayimbanga, namasimu amagilebhisi nezihlahla zeminqumo ongakutshalanga—futhi usudle waneliseka,[a] **12** uqaphele ukuba ungamkhohlwa uJehova,[b] owakukhipha ezweni laseGibhithe, endlini yobugqila. **13** Kufanele umesabe uJehova uNkulunkulu wakho,[c] ukhonze yena,[d] ufunge igama lakhe.[e] **14** Akumele ulandele abanye onkulunkulu, noma yibaphi onkulunkulu bezizwe ezikuzungezile,[f] **15** ngoba uJehova uNkulunkulu wakho ophakathi kwakho unguNkulunkulu ofuna uzinikele kuye kuphela.[g] Uma kungenjalo, uJehova uNkulunkulu wakho uyokuthukuthelela[h] akuqothule emhlabeni.[i]

**16** "Ungamvivinyi uJehova uNkulunkulu wakho[j] ngendlela owamvivinya ngayo eMasa.[k] **17** Kufanele ukhuthalele ukugcina imiyalo kaJehova uNkulunkulu wakho nezikhumbuzo zakhe neziqondiso zakhe akuyale ukuba uzigcine. **18** Kumele wenze okulungile nokuhle emehlweni kaJehova, ukuze uchume futhi ungene udle leli zwe elihle uJehova afunge ngalo kokhokho bakho[l] **19** ngokuxosha zonke izitha zakho phambi kwakho, njengoba nje uJehova ethembisile.[m]

**20** "Esikhathini esizayo, lapho indodana yakho ikubuza, ithi, 'Zisho ukuthini lezi zikhumbuzo, iziqondiso nezinqumo zokwahlulela uJehova uNkulunkulu wethu akuyale ngazo?' **21** uyothi endodaneni yakho, 'Saba yizigqila kuFaro eGibhithe, kodwa uJehova wasikhipha eGibhithe ngesandla esinamandla. **22** Ngakho uJehova waqhubeka ethumela phambi kwethu izibonakaliso nezimangaliso ezinkulu nezibangela inhlekelele, phezu kweGibhithe,[a] phezu kukaFaro naphezu kwayo yonke indlu yakhe.[b] **23** Wasikhipha lapho ukuze asilethe lapha asinike izwe ayefunge ngalo kokhokho bethu.[c] **24** Ngemva kwalokho uJehova wasiyala ukuba sizigcine zonke lezi ziqondiso, simesabe uJehova uNkulunkulu wethu ukuze kusihambele kahle ngaso sonke isikhathi,[d] ukuze siqhubeke siphila[e] njengoba siphila namuhla. **25** Siyobhekwa njengabalungile uma siqikelela ukuthi silalela uJehova* uNkulunkulu wethu ngokuyigcina yonke le miyalo, njengoba nje esiyalile.'[f]

**7** "Lapho uJehova uNkulunkulu wakho ekuletha ezweni osuzongena kulo ukuba ulidle,[g] uyosusa nezizwe ezinabantu abaningi phambi kwakho:[h] amaHeti, amaGirigashi, ama-Amori,[i] amaKhanani, amaPherizi, amaHivi namaJebusi,[j] izizwe eziyisikhombisa ezinabantu abaningi nezinamandla kunawe.[k] **2** UJehova uNkulunkulu wakho uyozinikela kuwe, wena uyozinqoba.[l] Kufanele uziqothule nakanjani.[m] Asikho isivumelwano okumele usenze nazo futhi ungazibonisi nakancane umusa.[n] **3** Akumele niganiselane nazo.* Amadodakazi akho ungawaniki amadodana azo, noma uthathele amadodana akho amadodakazi azo.[o] **4** Ngoba ziyoyekisa amadodana akho ukungilandela bese ekhonza abanye onkulunkulu;[p] ngenxa yalokho uJehova uyokuthukuthelela, akuqothule ngokushesha.[q]

**5** "Esikhundleni salokho, nakhu okufanele nikwenze kuzo: Dilizani ama-altare azo,

**ISAHL. 6**
- *a* Dut 8:10
- *b* Hlu 3:7
- *c* Dut 10:12; Dut 13:4
- *d* Luk 4:8
- *e* Jer 12:16
- *f* Eks 34:14
- *g* Eks 20:5; Dut 4:24
- *h* Eks 32:9, 10; Num 25:3; Dut 11:16, 17; Hlu 2:14
- *i* 2Kh 17:18
- *j* Mat 4:7; Luk 4:12; 1Ko 10:9
- *k* Eks 17:2, 7; Hu 95:8, 9; Heb 3:8, 9
- *l* Gen 15:18
- *m* Eks 23:30

**Uhla 2**
- *a* Eks 7:3
- *b* Dut 4:34
- *c* Eks 13:5; Dut 1:8
- *d* Hu 111:10; IzA 14:27
- *e* Lev 18:5; Dut 4:1; Gal 3:12
- *f* Shu 12:13; Rom 10:5

**ISAHL. 7**
- *g* Dut 31:3
- *h* Eks 33:2; Jos 3:10
- *i* Gen 15:16
- *j* Gen 10:15-17
- *k* Dut 20:1
- *l* Num 33:52
- *m* Lev 27:29; Jos 6:17; Jos 10:28
- *n* Eks 23:32; Eks 34:15; Dut 20:16, 17
- *o* Jos 23:12, 13; 1Kh 11:1, 2; Ezr 9:2
- *p* Eks 34:16; 1Kh 11:4
- *q* Dut 6:14, 15

**6:25** *NgesiHebheru, "siyalalela phambi kukaJehova." **7:3** *Noma, "nishadiselane."

bhidlizani izinsika zazo ezi-
ngcwele,[a] nqumani izigxobo
zazo ezingcwele*[b] nishise nemi-
fanekiso yazo ebaziwe.[c] **6** Ngo-
ba uyisizwe esingcwele kuJeho-
va uNkulunkulu wakho, uJehova
uNkulunkulu wakho ukukhethile
ukuba ube isizwe sakhe, impa-
hla yakhe ekhethekile,* kuzo zo-
nke izizwe ezisemhlabeni.[d]

**7** "UJehova akanithandanga
futhi wanikhetha ngenxa yoku-
thi naniyisizwe esinabantu aba-
ningi kunazo zonke izizwe,[e]
ngoba naniyisizwe esincane ku-
nazo zonke izizwe.[f] **8** Kunalo-
kho kwakungenxa yokuthi uJe-
hova wayenithanda, nangenxa
yokuthi wagcina isifungo aye-
senze kokhokho benu,[g] yi-
ngakho uJehova anikhipha
ngesandla esinamandla, uku-
ze anikhulule endlini yobugqi-
la,[h] emandleni* kaFaro inko-
si yaseGibhithe. **9** Wazi ka-
hle ukuthi uJehova uNku-
lunkulu wakho unguNkulunku-
lu weqiniso, uNkulunkulu othe-
mbekile, ogcina isivumelwano
sakhe nobonisa uthando oluqo-
tho ezizukulwaneni eziyinkulu-
ngwane zalabo abamthanda-
yo nabagcina imiyalo yakhe.[i]
**10** Kodwa labo abamzondayo
uyophindisela kubo ngokuqo-
ndile ngokubabhubhisa. Nge-
ke ephuze ukujezisa labo aba-
mzondayo; uyophindisela kubo
ngokuqondile.[j] **11** Ngakho qi-
kelela ukuthi ugcina imiyalo
neziqondiso nezinqumo zokwa-
hlulela engikuyala ngazo namu-
hla ngokuba uzenze.

**12** "Uma uqhubeka uzilalela
lezi zinqumo zokwahlulela fu-
thi uzigcina bese uzenza, uJe-
hova uNkulunkulu wakho uyo-
sigcina isivumelwano sakhe
abonise nothando oluqotho
njengoba afunga kokhokho ba-
kho. **13** UNkulunkulu uyoku-
thanda, akubusise futhi akwa-
ndise. Impela uyokubusisa nge-
zingane eziningi*[a] nangomkhi-
qizo womhlabathi wakho, uku-
dla kwakho okusanhlamvu,
iwayini lakho elisha, amafu-
tha akho,[b] amathole omhla-
mbi wakho wezinkomo nama-
wundlu omhlambi wenu wezi-
mvu nezimbuzi, ezweni afu-
nga kokhokho bakho ukukuni-
ka lona.[c] **14** Uyoba isizwe esi-
busiswe kakhulu kunazo zo-
nke izizwe;[d] akekho owesilisa
noma owesifazane ongeke abe
nabo abantwana, nemfuyo ya-
kho ngeke ingazali.[e] **15** UJe-
hova uyosusa kuwe konke uku-
gula, ngeke akulethele noma
yiziphi izifo ezesabekayo owa-
zibona eGibhithe.[f] Kunalokho,
uyoziletha phezu kwabo bo-
nke abakuzondayo. **16** Kufa-
nele ubhubhise* zonke izizwe
uJehova uNkulunkulu wakho
azinikela kuwe.[g] Akumele# uzi-
hawukele,[h] futhi ungabakhonzi
onkulunkulu bazo[i] ngoba lokho
kuyoba ugibe kuwe.[j]

**17** "Uma kwenzeka uthi
enhliziyweni yakho, 'Lezi zizwe
ziningi kunathi. Ngingazixosha
kanjani?'[k] **18** akumele uzesa-
be.[l] Kufanele uzikhumbuze lo-
kho uJehova uNkulunkulu wa-
kho akwenza kuFaro nakulo lo-
nke iGibhithe,[m] **19** izahlulelo*
ezinkulu amehlo akho azibona,
nezibonakaliso nezimangaliso[n]
namandla amakhulu uJehova
uNkulunkulu wakho akukhi-
pha ngako.[o] Yilokho uJehova
uNkulunkulu wakho ayokwenza

ISAHL. 7
*a* Eks 23:24; Eks 34:13
*b* Dut 16:21, 22
*c* Dut 7:25; Dut 12:2, 3
*d* Eks 19:5, 6; Dut 14:2; Amo 3:2
*e* Dut 10:15
*f* Dut 10:22
*g* Gen 22:16, 17
*h* Eks 6:6; Eks 13:3, 14
*i* Eks 34:6, 7
*j* IzA 2:22; 2Pe 3:7

Uhla 2
*a* Lev 26:9
*b* Lev 26:4
*c* Gen 13:14, 15
*d* Dut 33:29; Hu 147:20
*e* Eks 23:26; Dut 28:11; Hu 127:3
*f* Dut 28:15, 27
*g* Dut 7:1, 2; Dut 20:16; Jos 10:28
*h* Gen 15:16; Lev 18:25; Dut 9:5
*i* Eks 20:3
*j* Eks 23:33; Dut 12:30; Hlu 2:2, 3; Hu 106:36
*k* Num 13:31
*l* Dut 1:29; Dut 31:6; Hu 27:1; Isay 41:10
*m* Eks 14:13
*n* Neh 9:10, 11; Jer 32:20
*o* Dut 4:34

**7:5** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **7:6** *Noma, "ifa lakhe eliyigugu." **7:8** *NgesiHebheru, "esandleni." **7:13** *NgesiHebheru, "uyobusisa isithelo sesibeletho sakho." **7:16** *NgesiHebheru, "ushwabadele." #NgesiHebheru, "Iso lakho akumele." **7:19** *Noma, "izilingo."

kuzo zonke izizwe ozesabayo.[a]
**20** UJehova uNkulunkulu wa-
kho uyozenza zidangale,* kuze
kushabalale labo ababesele[b] na-
labo ababezifihle phambi kwa-
kho. **21** Ungavumeli ukuba zi-
kwethuse ngoba uJehova uNku-
lunkulu wakho unawe,[c] uNkulu-
nkulu omkhulu nowesabekayo.[d]
**22** “Nakanjani uJehova
uNkulunkulu wakho uyozixo-
sha kancane kancane lezi zi-
zwe phambi kwakho.[e] Nge-
ke uvunyelwe ukuba uziqe-
de masinyane, ukuze izilwane
zasendle zingandi bese zibe-
ka ukuphila kwakho engozini.
**23** UJehova uNkulunkulu wa-
kho uyozinikela kuwe lezi zi-
zwe, abangele ukuba zehlulwe
zize ziqothulwe ngokuphelele.[f]
**24** Uyonikela amakhosi azo
esandleni sakho,[g] wena uyo-
sula amagama awo phansi
kwamazulu.[h] Akekho oyome-
lana nawe,[i] kuze kube yila-
pho usuziqothulile.[j] **25** Kufa-
nele ushise imifanekiso ebazi-
we yonkulunkulu bazo emli-
lweni.[k] Ungalifisi isiliva ne-
golide elikuyo noma uzitha-
thele lona[l] ukuze ungabanjwa
ngalo, ngoba kuyinto enenge-
kayo kuJehova uNkulunkulu
wakho.[m] **26** Ungayilethi into
enengekayo endlini yakho bese
uba yinto efanelwe ukubhu-
jiswa njengayo. Kufanele uye-
nyanye ngokuphelele futhi iku-
nenge ngokuphelele, ngoba iyi-
nto efanelwe ukubhujiswa.

**8** “Kufanele uqikelele uku-
thi uyigcina yonke imiyalo
engikunika yona namuhla, uku-
ze uqhubeke uphila[n] futhi wa-
nde, ungene udle izwe uJeho-
va afunga ngalo kokhokho ba-
kho.[o] **2** Khumbula indlela
ende uJehova uNkulunkulu
wakho akwenza ukuba uyiha-
mbe ngale minyaka engu-40
ehlane[a] ukuze akuthobise fu-
thi akuvivinye[b] ukuze azi lokho
okwakusenhliziyweni yakho,[c]
ukuthi uyoyigcina yini imiya-
lo yakhe noma cha. **3** Ngakho
wakuthobisa, wakuyeka wala-
mba[d] wayesekondla ngemana[e]
owawungalazi, wena noyihlo,
ukuze akwenze wazi ukuthi
umuntu akaphili ngesinkwa so-
dwa kodwa umuntu uphila na-
ngawo wonke amazwi aphuma
emlonyeni kaJehova.[f] **4** Izi-
mpahla owawuzigqoka aziza-
nge ziguge, nezinyawo zakho
azizange zivuvukale kule mi-
nyaka engu-40.[g] **5** Wazi ka-
hle enhliziyweni yakho uku-
thi uJehova uNkulunkulu wa-
kho wayekuqondisa, njengoba
nje umuntu eqondisa indodana
yakhe.[h]
**6** “Kumele ugcine imiyalo ka-
Jehova uNkulunkulu wakho
ngokuhamba ezindleleni zakhe
nangokumesaba. **7** Ngoba uJe-
hova uNkulunkulu wakho uku-
ngenisa ezweni elihle,[i] izwe eli-
nemifudlana yamanzi,* iziphe-
thu nemithombo yamanzi# aphu-
ma ethafeni nasesifundeni esi-
nezintaba, **8** izwe likakolweni
nebhali, namasimu amagilebhi-
si, izihlahla zamakhiwane nama-
halananda,*[j] izwe lamafutha om-
nqumo noju,[k] **9** izwe okunge-
ke kuntuleke ukudla kulo futhi
ngeke uswele lutho kulo, izwe
elinamatshe anensimbi futhi ezi-
ntabeni zalo uyokumba ithusi.
**10** “Lapho usudlile waneli-
seka, kumele udumise uJeho-
va uNkulunkulu wakho
ngenxa yezwe elihle akuni-
ke lona.[l] **11** Qikelela ukuba

**ISAHL. 7**
a Eks 23:28; Jos 3:10
b Eks 23:29; Dut 2:25; Jos 2:9; Jos 24:12
c Num 14:9
d Dut 10:17; 1Sa 4:7, 8
e Eks 23:30
f Dut 9:3
g Jos 10:24; Jos 12:1
h Eks 17:14; Hu 9:5
i Dut 11:25; Jos 1:5; Rom 8:31
j Jos 11:14
k Dut 12:3; 1Kr 14:12
l Isay 30:22
m Dut 27:15

**ISAHL. 8**
n IzA 3:1, 2
o Gen 15:18

**Uhla 2**
a Dut 2:7
b Eks 16:4; Eks 20:20
c Dut 13:3; IzA 17:3
d Eks 16:3
e Eks 16:31; Hu 78:24
f Mat 4:4
g Dut 29:5; Neh 9:21
h IzA 3:12; 1Ko 11:32; Heb 12:5-7; IsA 3:19
i Eks 3:8; Lev 26:4; Dut 11:11, 12
j Num 13:23
k Hez 20:6
l Dut 6:10-12

**7:20** *Noma kungaba, “zitatazele; zesabe kakhulu.”

**8:7** *Noma, “elinemihosha yamanzi.” #Noma, “nemithombo ejulile yamanzi.”
**8:8** *Noma, “namahananadi.”

ungamkhohlwa uJehova uNku-
lunkulu wakho ngokungayigci-
ni imiyalo yakhe, izinqumo za-
khe zokwahlulela nemithetho
yakhe engikuyala ngayo namu-
hla. **12** Lapho usudlile wane-
liseka, wakha izindlu ezinhle
wahlala kuzo,[a] **13** lapho um-
hlambi wakho wezinkomo nom-
hlambi wakho wezimvu wa-
nda, nesiliva negolide lakho la-
nda, unenala yayo yonke into,
**14** ungayivumeli inhliziyo ya-
kho iqhoshe[b] bese ikwenza
ukhohlwe uJehova uNkulunku-
lu wakho, owakukhipha ezwe-
ni laseGibhithe, endlini yobu-
gqila,[c] **15** owakwenza ukuba
udabule ehlane elikhulu nele-
sabekayo,[d] elinezinyoka ezine-
sihlungu nawofezela nelinom-
hlabathi owomile ongenawo
amanzi. UNkulunkulu wenza
ukuba kuphume amanzi edwa-
leni,[e] **16** wakondla ngemana[f]
ehlane, oyihlo ababengalazi,
ukuze akuthobise[g] futhi akuvi-
vinye ukuze uzuze esikhathi-
ni esizayo.[h] **17** Uma kwenze-
ka uthi enhliziyweni yakho,
‘Amandla ami nezikhwepha ze-
zandla zami yikho okungenzele
lo mcebo,’[i] **18** khumbula uku-
thi nguJehova uNkulunkulu
wakho okunika amandla okwa-
kha umcebo,[j] ukuze afeze isi-
vumelwano sakhe afunga nga-
so kokhokho bakho, njengoba
kunjalo namuhla.[k]

**19** “Uma kungake kwenzeke
ukhohlwe uJehova uNkulunku-
lu wakho futhi ulandele aba-
nye onkulunkulu ubakhonze
ubakhothamele, ngiyakuxwa-
yisa namuhla ukuthi nakanja-
ni uyoshabalala.[l] **20** Njengezi-
zwe uJehova azibhubhisayo
phambi kwakho, yileyo ndle-
la oyoshabalala ngayo, ngoba
ungafuni ukulalela izwi likaJe-
hova uNkulunkulu wakho.[m]

**9** “O Israyeli yizwa, namu-
hla uwela iJordani[a] uku-
ze ungene futhi uphuce izi-
zwe ezinkulu nezinamandla ku-
nawe ifa lazo,[b] amadolobha
amakhulu nanezivikelo eziqi-
nile ezifinyelela emazulwini,*[c]
**2** isizwe esinabantu abakhulu
nabade, abantwana bama-Ana-
ki,[d] owaziyo ngaso nozwile ku-
thiwa ngaso, ‘Ubani ongame-
lana nabantwana bama-Anaki?’
**3** Ngakho kufanele wazi na-
muhla ukuthi uJehova uNkulu-
nkulu wakho uzowela ngapha-
mbi kwakho.[e] Ungumlilo oqo-
thulayo[f] futhi uzozibhubhisa.
Uzozinqoba phambi kwakho
ukuze uzixoshe* futhi uziqo-
thule ngokushesha, njengoba
nje uJehova ekuthembisile.[g]

**4** “Ungasho enhliziyweni ya-
kho lapho uJehova uNkulu-
nkulu wakho ezixosha pha-
mbi kwakho ukuthi, ‘Ukulunga
kwami okwenze ukuba uJeho-
va angingenise ukuze ngilidle
leli zwe.’[h] Kunalokho, kunge-
nxa yobubi balezi zizwe[i] ukuthi
uJehova uyazixosha phambi
kwakho. **5** Akungenxa yoku-
lunga kwakho noma ubuqo-
tho benhliziyo yakho ukuthi
uyangena uyodla izwe lazo.
Kunalokho, kungenxa yobu-
bi balezi zizwe ukuthi uJeho-
va uNkulunkulu wakho uyazi-
xosha phambi kwakho,[j] nokuba
afeze izwi uJehova alifungela
okhokho bakho, u-Abrahama,[k]
u-Isaka[l] noJakobe.[m] **6** Nga-
kho yazi ukuthi akungenxa yo-
kulunga kwakho ukuthi uJeho-
va uNkulunkulu wakho ukuni-
ka leli zwe elihle ukuba udle
ifa lalo; ngoba uyisizwe esine-
nkani.*[n]

ISAHL. 8
*a* Hos 13:6
*b* Dut 9:4; Dut 32:15
*c* Hu 106:21
*d* Dut 1:19; Jer 2:6
*e* Num 20:11
*f* Eks 16:35
*g* Dut 8:2
*h* Heb 12:11
*i* Hos 12:8
*j* Hu 127:1; Hos 2:8
*k* Dut 7:12
*l* Dut 4:25, 26; Dut 30:17, 18; Jos 23:12, 13
*m* Dan 9:11, 12

Uhla 2

ISAHL. 9
*a* Jos 4:19
*b* Dut 7:1
*c* Num 13:28
*d* Num 13:33
*e* Dut 1:30; Dut 20:4; Dut 31:3
*f* Dut 4:24; Heb 12:29
*g* Eks 23:31; Dut 7:23, 24
*h* Dut 7:7, 8; Hez 36:22
*i* Gen 15:16; Dut 12:31; Dut 18:9, 12
*j* Lev 18:25
*k* Gen 13:14, 15; Gen 17:1, 8
*l* Gen 26:3
*m* Gen 28:13
*n* Eks 34:9; Hu 78:8

**9:1** *Okuwukuthi, anezindonga eziphakeme. **9:3** *Noma, “uziphuce ifa lazo.” **9:6** *NgesiHebheru, “esintamo-lukhuni.”

**7** “Khumbula—ungalokothi
ukhohlwe—indlela owamcasula
ngayo uJehova uNkulunkulu
wakho ehlane.[a] Kusukela osu-
kwini owaphuma ngalo ezweni
laseGibhithe kuze kube sekufi-
keni kwakho kule ndawo ubu-
lokhu udlubulunda kuJeho-
va.[b] **8** Ngisho naseHorebe na-
mcasula uJehova futhi uJe-
hova wanithukuthelela kakhu-
lu kangangokuba wayeku-
lungele ukuniqothula.[c] **9** La-
pho ngenyukela entabeni uku-
ze ngamukele amatshe ayizi-
caba,[d] amatshe esivumelwano
uJehova ayesenze nani,[e] nga-
hlala entabeni izinsuku ezi-
ngu-40 nobusuku obungu-40,[f]
ngingadli sinkwa futhi ngi-
ngaphuzi manzi. **10** UJehova
wabe esenginika amatshe ama-
bili ayizicaba alotshwe ngomu-
nwe kaNkulunkulu, kuwo ku-
khona wonke amazwi uJe-
hova ayewakhulume nani
entabeni esemlilweni ngosu-
ku lomhlangano.*[g] **11** Eku-
pheleni kwezinsuku ezingu-40
nobusuku obungu-40, uJeho-
va wanginika la matshe ama-
bili ayizicaba, amatshe esi-
vumelwano, **12** uJehova wa-
thi kimi, ‘Sukuma, yehla masi-
nyane lapha ngoba abantu ba-
kho obakhiphe eGibhithe be-
nze ngendlela eyonakele.[h] Ba-
phambuke ngokushesha endle-
leni engibayale ukuba bayi-
landele. Bazenzele umfane-
kiso wensimbi.’*[i] **13** UJehova
wabe esethi kimi, ‘Ngisibonile
lesi sizwe, siyisizwe esinenka-
ni.*[j] **14** Ngiyeke ngisiqothule
ngisule igama laso phansi kwa-
mazulu, ngenze wena ube isi-
zwe esinamandla nesinabantu
abaningi kunaso.’[k]

**9:10** *Noma, “lwebandla.” **9:12** *Noma, “isithombe esenziwe ngokuncibilikisiwe.” **9:13** *NgesiHebheru, “esintamo-lukhuni.”

ISAHL. 9
a Dut 9:22; Hu 78:40; Heb 3:16
b Eks 17:2; Num 11:4; Num 16:1, 2; Num 25:2, 3; Dut 31:27
c Eks 32:4, 10
d Eks 24:12; Eks 31:18; Eks 32:16
e Eks 24:7
f Eks 24:18
g Eks 19:19; Dut 4:10-13
h Eks 32:7
i Eks 32:4
j Eks 32:9
k Eks 32:10

Uhla 2
a Eks 19:18
b Eks 32:15
c Eks 20:3, 4
d Eks 32:19
e Eks 34:28
f Eks 32:10
g Eks 32:11, 14; Hu 106:23
h Eks 32:2, 21
i Eks 32:4
j Eks 32:20
k Num 11:3
l Eks 17:7
m Num 11:4, 34
n Num 13:26

**15** “Ngaphenduka ngehla
entabeni ngesikhathi intaba
ivutha umlilo,[a] amatshe ama-
bili ayizicaba esivumelwano
ayesezandleni zami zombili.[b]
**16** Ngabheka ngabona uku-
thi nanonile kuJehova uNkulu-
nkulu wenu! Nanizenzele itho-
le lensimbi.* Naniphambuke
ngokushesha endleleni uJeho-
va ayeniyale ukuba niyila-
ndele.[c] **17** Ngakho ngathatha
amatshe amabili ayizicaba nga-
wajikijela phansi ngazo zo-
mbili izandla zami ngawaphi-
hliza phambi kwenu.[d] **18** Nga-
khothama phambi kukaJeho-
va, njengasekuqaleni, izinsu-
ku ezingu-40 nobusuku obu-
ngu-40. Angidlanga kudla fu-
thi angiphuzanga manzi,[e] nge-
nxa yazo zonke izono enani-
zenzile ngokwenza okubi eme-
hlweni kaJehova nangokumca-
sula. **19** Ngoba ngangethukile
ngenxa yokuthi uJehova waye-
nithukuthelele kakhulu[f] kanga-
ngokuba wayekulungele ukuni-
qothula. Nokho, uJehova wa-
ngilalela nangaleso sikhathi.[g]

**20** “UJehova wayemthuku-
thelele kakhulu u-Aroni kanga-
ngokuba wayekulungele uku-
mqothula,[h] kodwa ngamnxuse-
la u-Aroni nangaleso sikha-
thi. **21** Ngabe sengithatha le
nto eyisono enaniyenzile, itho-
le,[i] ngayishisa ngomlilo; ngayi-
choboza, ngayigayisisa yaze ya-
coleka yaba uthuli, ngaphonsa
lolo thuli emfudlaneni osuka
entabeni.[j]

**22** “Ngaphezu kwalokho,
eThabehera,[l] eMasa[m] naseKi-
biroti-hathawa[n] nakhona nam-
thukuthelisa uJehova. **23** La-
pho uJehova enithuma ni-
seKadeshi-barineya,[o] ethi, ‘Ha-
mbani nidle izwe engizoninika

**9:16** *Noma, “elibunjiwe.”

lona nakanjani!' naphinde nadlubulunda emyalweni kaJehova uNkulunkulu wenu,[a] anilubonisanga ukholo[b] kuye futhi animlalelanga. **24** Selokhu nganazi benilokhu nidlubulunda kuJehova.

**25** "Ngakho ngangilokhu ngikhothama phambi kukaJehova izinsuku ezingu-40 nobusuku obungu-40,[c] ngangikhothama kanjalo ngoba uJehova wayethe uzoniqothula. **26** Nganxusa uJehova ngathi, 'O Nkosi EnguMbusi Jehova, ungasibhubhisi isizwe sakho. Siyimpahla yakho,*[d] siyisizwe owasikhulula ngobukhulu bakho, wasikhipha eGibhithe ngesandla esinamandla.[e] **27** Khumbula izinceku zakho u-Abrahama, u-Isaka noJakobe.[f] Ungakunaki ukuba nenkani kwalesi sizwe, ububi baso nesono saso.[g] **28** Kungenjalo abantu basezweni osikhiphe kulo bangase bathi: "UJehova wahluleka ukusingenisa ezweni asithembise lona, futhi ngenxa yokuthi wayesizonda, wasikhipha ukuze asibulale ehlane."[h] **29** Ngoba siyisizwe sakho nempahla yakho,*[i] isizwe owasikhulula ngamandla akho amakhulu nangengalo yakho enamandla.'[j]

**10** "Ngaleso sikhathi uJehova wathi kimi, 'Zenzele amatshe amabili ayizicaba anjengawokuqala,[k] uze kimi entabeni; kumele uzenzele nomphongolo* wokhuni. **2** Mina ngizobhala kuwo amazwi abesematsheni okuqala owaphihlizile futhi kufanele uwabeke emphongolweni.' **3** Ngakho ngawenza umphongolo wokhuni lomtholo, ngenza namatshe amabili aba izicaba njengawokuqala, ngenyukela entabeni ngiphethe amatshe amabili ayizicaba.[a] **4** Wabe eseloba ematsheni ayizicaba amazwi ayewabhale ngaphambili,[b] iMiyalo Eyishumi,*[c] uJehova ayeyikhulume kini entabeni esemlilweni[d] ngosuku lomhlangano;#[e] uJehova wanginika wona. **5** Ngaphenduka ngehla entabeni[f] ngabeka amatshe ayizicaba emphongolweni engangiwenzile, lapho ekhona, njengoba nje uJehova ayengiyalile.

**6** "Ama-Israyeli asuka eBeyeroti Bhene-jahakani aya eMosera. U-Aroni wafela khona, wangcwatshwa khona,[g] indodana yakhe u-Eleyazare yaba umpristi esikhundleni sakhe.[h] **7** Asuka lapho aya eGudigoda, asuka eGudigoda aya eJotibatha,[i] izwe elinemifudlana* yamanzi agelezayo.

**8** "Ngaleso sikhathi uJehova wahlukanisa isizwe sakwaLevi[j] ukuba sithwale umphongolo wesivumelwano sikaJehova,[k] sime phambi kukaJehova ukuze simkhonze futhi sibusise abantu egameni lakhe[l] njengoba senza kuze kube namuhla. **9** Yingakho uLevi enganikwanga isabelo noma ifa kanye nabafowabo. UJehova uyifa lakhe, njengoba nje uJehova uNkulunkulu wakho eshilo kuye.[m] **10** Mina ngahlala entabeni njengasekuqaleni, izinsuku ezingu-40 nobusuku obungu-40,[n] nangaleso sikhathi uJehova wangilalela.[o] UJehova wayengafuni ukuniqothula. **11** UJehova wabe esethi kimi, 'Hamba phambi kwalaba bantu, nilungele ukusuka ukuze bangene badle izwe engifu-

ISAHL. 9
a Num 14:3, 4
b Dut 1:32; Hu 106:24, 25; Heb 3:19
c Eks 34:28
d Eks 19:5; Hu 135:4
e Eks 32:11
f Eks 3:6; Eks 6:8; Dut 9:5
g Eks 32:31, 32
h Eks 32:12; Num 14:15, 16
i 1Kh 8:51; Neh 1:10
j Eks 6:6; Dut 4:20, 34

ISAHL. 10
k Eks 34:1

Uhla 2
a Eks 34:4
b Eks 32:15
c Eks 20:1; Eks 34:28; Dut 4:13
d Dut 4:36; Dut 5:4
e Eks 19:17; Dut 5:22
f Eks 34:29
g Num 20:23, 24; Num 33:31, 38
h Num 20:28
i Num 33:33
j Num 1:50; Num 3:6; Num 8:14
k Num 3:30, 31
l Num 6:23-27; Dut 21:5; 2Kr 30:27
m Num 18:20, 24; Dut 18:1
n Eks 24:18; Eks 34:28
o Eks 32:14

**9:26** *Noma, "Siyifa lakho." **9:29** *Noma, "nefa lakho." **10:1** *Noma, "nebhokisi."

**10:4** *NgesiHebheru, "aMazwi Ayishumi." #Noma, "lwebandla." **10:7** *Noma, "elinemihosha."

nge kokhokho babo ukubanika
lona.’[a]
**12** “Manje Israyeli, yini uJe-
hova uNkulunkulu wakho
ayicela kuwe?[b] Yilokhu ku-
phela: ukuba wesabe uJe-
hova uNkulunkulu wakho,[c]
uhambe kuzo zonke izindle-
la zakhe,[d] umthande, ukho-
nze uJehova uNkulunkulu wa-
kho ngayo yonke inhliziyo
yakho nangawo wonke um-
phefumulo* wakho,[e] **13** noku-
ba ugcine imiyalo kaJeho-
va nemithetho yakhe engikuya-
la ngayo namuhla, ukuze kuku-
hambele kahle.[f] **14** Bheka,
amazulu angakaJehova uNku-
lunkulu wakho, ngisho nama-
zulu aphakeme kakhulu,* nom-
hlaba nakho konke okukuwo.[g]
**15** Kodwa uJehova wasonde-
lana nokhokho bakho kuphe-
la, wabathanda, waze wakhe-
tha wena, inzalo yabo,[h] kuzo
zonke izizwe, njengoba kunja-
lo namuhla. **16** Manje kumele
nihlanze izinhliziyo zenu[i] niye-
ke nokuba nenkani kangaka.*[j]
**17** Ngoba uJehova uNkulunku-
lu wenu unguNkulunkulu wo-
nkulunkulu[k] neNkosi yamakho-
si, uNkulunkulu omkhulu, ona-
mandla nowesabekayo, onga-
khethi muntu[l] nongamukeli si-
fumbathiso. **18** Wenzela inta-
ndane* nomfelokazi ubulungi-
sa[m] futhi uyasithanda isifiki,[n]
usinika ukudla nokokugqoka.
**19** Nani kumele nisithande isi-
fiki ngoba naba izifiki ezweni
laseGibhithe.[o]
**20** “Kufanele wesabe uJeho-
va uNkulunkulu wakho, ngu-
ye okufanele umkhonze,[p] ngu-
ye okufanele unamathele kuye,
futhi yigama lakhe okufanele
ufunge ngalo. **21** Nguye oku-
fanele umdumise.[a] UnguNkulu-
nkulu wakho, okwenzele zonke
lezi zinto ezinkulu nezimanga-
lisayo amehlo akho azibonile.[b]
**22** Okhokho bakho behlela
eGibhithe nabantu abangu-70,[c]
manje uJehova uNkulunkulu
wakho ukwenze waba mningi
ngangezinkanyezi zamazulu.[d]

**11** “Kumele uthande uJeho-
va uNkulunkulu wakho[e]
ugcine isibopho sakho kuye,
imithetho yakhe, izinqumo za-
khe zokwahlulela nemiyalo ya-
khe ngaso sonke isikhathi.
**2** Niyazi ukuthi namuhla ngi-
khuluma nani, hhayi nabantwa-
na benu abangazange basazi
noma basibone isiyalo sikaJeho-
va uNkulunkulu wenu,[f] ubukhu-
lu bakhe[g] namandla akhe ama-
khulu.[h] **3** Abazibonanga izibo-
nakaliso nezenzo zakhe azenza
eGibhithe kuFaro inkosi yaseGi-
bhithe nakulo lonke izwe lakhe;[i]
**4** noma lokho akwenza ema-
buthweni aseGibhithe, emahha-
shini kaFaro nasezinqoleni za-
khe zempi, okwembozwa ama-
nzi oLwandle Olubomvu ngesi-
khathi enijaha, uJehova wawa-
bhubhisa unomphela.*[j] **5** Aba-
kubonanga lokho anenzela kho-
na* ngesikhathi nisehlane
kuze kube yilapho nifika kule
ndawo, **6** noma lokho akwe-
nza kuDathani no-Abhiramu,
amadodana ka-Eliyabe indodana
kaRubeni, lapho umhlaba uvu-
leka ubagwinya, bona neminde-
ni yabo namatende abo nayo
yonke into ephilayo eyabala-
ndela, kubuka wonke u-Israye-
li.[k] **7** Amehlo enu azibone zo-
nke izenzo ezinkulu uJehova
azenza.

**ISAHL. 10**
a Gen 15:18
b Mik 6:8
c Dut 5:29
d Dut 5:33; Jos 22:5
e Dut 6:5; Luk 10:27
f Dut 6:24
g 1Kr 29:11; Hu 24:1; Hu 115:16
h Dut 4:37
i Dut 30:6
j Eks 34:9; Dut 9:6; Dut 31:27
k Eks 18:11; 2Kr 2:5; Hu 97:9
l IzE 10:34; Rom 2:11
m Hu 68:5; Jak 1:27
n Lev 19:10; Dut 24:14; Hu 146:9
o Eks 22:21; Lev 19:34
p Luk 4:8

**Uhla 2**
a Eks 15:2; IsA 19:6
b 2Sa 7:23
c Gen 46:27; Eks 1:5; IzE 7:14
d Gen 15:1, 5

**ISAHL. 11**
e Dut 6:5; Dut 10:12; Mar 12:30
f Dut 8:5; Heb 12:6
g Dut 5:24; Dut 9:26
h Eks 13:3
i Dut 4:34
j Eks 14:23, 28; Heb 11:29
k Num 16:1, 32

**10:12** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **10:14** *Noma, “namazulu amazulu.” **10:16** *NgesiHebheru, “ningabe nisazenza lukhuni izintamo zenu.” **10:18** *Noma, “ingane engenababa.”

**11:4** *Noma, “kuze kube yilolo suku.” **11:5** *Noma, “akwenza kini.”

8 "Kumele niwugcine wonke
umyalo enginiyala ngawo na-
muhla ukuze nibe namandla fu-
thi niwelele ezweni niyolidla,
9 niphile isikhathi eside[a] ezwe-
ni uJehova afunga ukulinika
okhokho benu nenzalo* yabo,[b]
izwe eligeleza ubisi noju.[c]
10 "Izwe eniyolidla alifani
nezwe laseGibhithe enaphuma
kulo, lapho kwakudingeka ni-
sebenze kanzima ninisela ama-
simu, ngendlela efanayo neni-
nganisela ngayo* ingadi yemi-
fino. 11 Kodwa izwe esenizo-
welela kulo nilidle liyizwe eli-
nezintaba namathafa.[d] Izulu
lina kakhulu kulo;[e] 12 yizwe
uJehova uNkulunkulu wenu
alinakekelayo. Amehlo kaJeho-
va uNkulunkulu wakho ahlale
ephezu kwalo, kusukela ekuqa-
leni konyaka kuze kube seku-
pheleni konyaka.
13 "Uma niyilalela ngokuco-
phelela imiyalo yami enginiyala
ngayo namuhla, nithanda uJe-
hova uNkulunkulu wenu futhi
nimkhonza ngayo yonke inhli-
ziyo yenu nangawo wonke um-
phefumulo* wenu,[f] 14 nami
ngiyonisa imvula ezweni lenu
ngesikhathi sayo esifanele,
imvula yasekwindla nemvula
yasentwasahlobo futhi niyobu-
tha ukudla kwenu okusanhla-
mvu, iwayini lenu elisha na-
mafutha enu.[g] 15 Ngiyokwe-
nza ukuba kube khona uhlaza
emadlelweni enu lube ukudla
kwemfuyo yenu, niyodla nisu-
the.[h] 16 Qaphelani ukuba ni-
ngazivumeli izinhliziyo zenu zi-
hungeke, niphambuke nikhule-
kele abanye onkulunkulu
nibakhothamele.[a] 17 Ngapha-
ndle kwalokho, uJehova uyoni-
thukuthelela kakhulu, avale
amazulu ukuze imvula ingani[b]
futhi umhlabathi ungawuvezi
umkhiqizo wawo, bese nisha-
balala ngokushesha kuleli zwe
elihle uJehova aninika lona.[c]
18 "Kumele ugxilise la ma-
zwi ami enhliziyweni yakho
nasemphefumulweni* wakho,
uwabophe njengesikhumbuzo
esandleni sakho, kufanele abe
njengebhande lasesiphongwe-
ni kuwe.#[d] 19 Wafundise aba-
ntwana bakho, ukhulume nga-
wo lapho uhlezi endlini ya-
kho nalapho uhamba endleleni
nalapho ulala nalapho uvuka.[e]
20 Walobe ezinsikeni zomnya-
ngo wendlu yakho nasemasa-
ngweni akho, 21 ukuze wena
namadodana akho niphile isi-
khathi eside[f] ezweni uJehova
afunga ukulinika okhokho ba-
kho,[g] uma nje amazulu esalo-
khu ephezu komhlaba.
22 "Uma niwugcina ngoku-
cophelela lo myalo engininini-
ka wona futhi niwenza, ukuba
nithande uJehova uNkulunku-
lu wenu,[h] nihambe kuzo zo-
nke izindlela zakhe, ninama-
thele kuye,[i] 23 uJehova uyo-
zixosha zonke lezi zizwe
phambi kwenu,[j] niyoziphuca
ifa izizwe ezinkulu nezina-
bantu abaningi kakhulu kuna-
ni.[k] 24 Yonke indawo eninya-
thela kuyo iyoba ngeyenu.[l] Ku-
sukela ehlane kuze kufike
phezulu eLebhanoni, umngce-
le wenu uyosukela eMfuleni,
umfula i-Ewufrathe, uze ufike
olwandle olusentshonalanga.*[m]
25 Akekho oyomelana nani.[n]

**11:9** *NgesiHebheru, "nembewu." **11:10** *Noma, "enaninganisela ngayo ngonyawo," okuwukuthi, enaninganisela ngayo ngento yokunisela esebenza ngonyawo, kungaba isondo lokunisela noma ngokwakha nokuvula imisele yamanzi. **11:13, 18** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**11:18** #NgesiHebheru, "phakathi kwamehlo akho." **11:24** *Okuwukuthi, uLwandle Olukhulu, iMedithera.

ISAHL. 11
a Dut 4:40; IzA 3:1, 2
b Gen 13:14, 15; Gen 26:3; Gen 28:13
c Eks 3:8; Hez 20:6
d Dut 1:7
e Dut 8:7
f Dut 4:29; Dut 6:5; Dut 10:12; Mat 22:37
g Lev 26:4; Dut 8:7-9; Dut 28:12; Jer 14:22
h Dut 8:10

Uhla 2
a Dut 8:19; Dut 29:18; Heb 3:12
b Dut 28:15, 23; 1Kh 8:35, 36; 2Kr 7:13, 14
c Dut 8:19
d IzA 7:1-3
e Dut 6:6-9; IzA 22:6; Efe 6:4
f Dut 4:40; IzA 4:10
g Gen 13:14, 15
h Dut 6:5; Luk 10:27
i Dut 10:20; Dut 13:4; Jos 22:5
j Eks 23:28; Jos 3:10
k Dut 7:1; Dut 9:1, 5
l Jos 14:9
m Gen 15:18; Eks 23:31
n Dut 7:24; Jos 1:5

UJehova uNkulunkulu wenu
uyokwenza lonke izwe eninya-
thela kulo linesabe,[a] njengoba
nje enithembisile.
**26** “Namuhla ngibeka pha-
mbi kwenu isibusiso nesiqale-
kiso:[b] **27** Niyothola isibusiso
uma nilalela imiyalo kaJehova
uNkulunkulu wenu enginiya-
la ngayo namuhla,[c] **28** nitho-
le isiqalekiso uma ningayilaleli
imiyalo kaJehova uNkulunku-
lu wenu,[d] niphambuka endlele-
ni enginiyala ukuba niyilandele
namuhla bese nilandela onku-
lunkulu eningabazi.
**29** “Lapho uJehova uNkulu-
nkulu wenu eniletha ezwe-
ni enizolidla, kuzomelwe nisho*
isibusiso eNtabeni iGerizimu
nesiqalekiso eNtabeni i-Ebha-
li.[e] **30** Azikho yini ohlangothi-
ni lweJordani ngasentshonala-
nga, ezweni lamaKhanani ahla-
la e-Araba, phambi kweGiliga-
li, eceleni kwezihlahla ezi-
nkulu zikaMore?[f] **31** Ngoba ni-
wela iJordani ukuze ningene ni-
dle izwe uJehova uNkulunkulu
wenu aninika lona.[g] Lapho ni-
lidla futhi nihlala kulo, **32** ku-
mele niqikelele ukuthi nizigcina
zonke lezi ziqondiso nezinqumo
zokwahlulela engizibeka pha-
mbi kwenu namuhla.[h]

**12** “Yilezi iziqondiso nezimi-
so zokwahlulela okufane-
le niqikelele ukuthi niyazifeza
ngazo zonke izinsuku eniphila
ngazo ezweni uJehova uNkulu-
nkulu wokhokho benu azonini-
ka lona. **2** Kufanele nizibhu-
bhise ngokuphelele zonke izi-
ndawo izizwe enizoziphuca ifa
eziye zakhonzela kuzo onkulu-
nkulu bazo,[i] kungakhathalise-
ki ukuthi kusezintabeni ezi-
phakeme noma emagqumeni
noma ngaphansi kwanoma yisi-
phi isihlahla esihle esiluhlaza.
**3** Kufanele nidilize ama-altare
azo, niphihlize izinsika zazo
ezingcwele,[a] nishise izigxobo*
zazo ezingcwele emlilweni ni-
phihlize nemifanekiso ebazi-
we yonkulunkulu bazo,[b] niwa-
qede nya amagama abo kuleyo
ndawo.[c]
**4** “Akumele nimkhonze nga-
leyo ndlela uJehova uNku-
lunkulu wenu.[d] **5** Kunalokho,
funani uJehova uNkulunku-
lu wenu nomaphi lapho akhe-
tha ukuba igama lakhe lihla-
le khona, nifune nendawo ya-
khe yokuhlala kuzo zonke izi-
zwe zenu, niye khona.[e] **6** Ku-
mele niyilethe lapho iminike-
lo yenu eshiswayo,[f] imihla-
tshelo yenu, okweshumi kwe-
nu,*[g] umnikelo ovela esandleni
senu,[h] iminikelo yenu yesifu-
ngo, iminikelo yenu yokuzitha-
ndela[i] namazibulo omhlambi
wenu wezinkomo nawomhla-
mbi wenu wezimvu nezimbuzi.[j]
**7** Nina nemindeni yenu kume-
le nidlele lapho phambi kuka-
Jehova uNkulunkulu wenu[k] fu-
thi nijabule kuyo yonke imiza-
mo yenu,[l] ngoba uJehova
uNkulunkulu wenu unibusisile.
**8** “Akumele nenze njengoba
senza lapha namuhla, wonke
umuntu ezenzela akuthanda-
yo,* **9** ngoba anikafiki enda-
weni yokuphumula[m] nasefe-
ni uJehova uNkulunkulu wenu
aninika lona. **10** Lapho niwe-
la iJordani[n] futhi nihlala ezwe-
ni uJehova uNkulunkulu wenu
aninika lona njengefa, nakanja-
ni uyoniphumuza kuzo zo-
nke izitha zenu ezinizungezile,
nihlale ngokulondeka.[o] **11** Ni-
yoletha konke enginiyala

ISAHL. 11
*a* Eks 23:27; Jos 2:9, 10; Jos 5:1
*b* Dut 30:15
*c* Dut 28:1, 2; Hu 19:8, 11
*d* Lev 26:15, 16; Isay 1:20
*e* Dut 27:12, 13; Jos 8:33, 34
*f* Gen 12:6
*g* Jos 1:11
*h* Dut 5:32; Dut 12:32

ISAHL. 12
*i* Eks 34:13

Uhla 2
*a* Eks 23:24
*b* Dut 7:25
*c* Eks 23:13; Jos 23:7
*d* Lev 18:3; Dut 12:31
*e* 2Kr 7:12
*f* Lev 1:3
*g* Dut 14:22
*h* Num 18:19; Dut 12:11
*i* 1Kr 29:9; Ezr 2:68
*j* Dut 12:17; Dut 15:19
*k* Dut 15:19, 20
*l* Lev 23:40; Dut 12:12, 18; Dut 14:23, 26; Hu 32:11; Hu 100:2; Flp 4:4
*m* 1Kh 8:56; 1Kr 23:25
*n* Jos 3:17
*o* Dut 33:28; 1Kh 4:25

**11:29** *Noma, “ninikeze.”

**12:3** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **12:6** *Noma, “izingxenye zeshumi.” **12:8** *Noma, “lokho acabanga ukuthi kulungile.”

ngakho endaweni uJehova uNkulunkulu wenu akhetha ukuba igama lakhe lihlale kuyo[a]—iminikelo yenu eshiswayo, imihlatshelo yenu, okweshumi kwenu,[b] iminikelo evela esandleni senu nayo yonke iminikelo yesifungo enifunga ngayo kuJehova. **12** Niyojabula phambi kukaJehova uNkulunkulu wenu,[c] nina namadodana enu, amadodakazi enu, izigqila nezigqilakazi zenu nomLevi osemadolobheni* enu, ngoba akanikwanga sabelo nafa kanye nani.[d] **13** Qaphelani ukuba ninganikeli iminikelo yenu eshiswayo kwenye indawo eningase niyibone.[e] **14** Iminikelo yenu eshiswayo kufanele niyinikele kuphela endaweni uJehova ayikhethayo endaweni yesinye sezizwe zenu, futhi yilapho okufanele nenze khona konke enginiyala ngakho.[f]

**15** “Noma nini lapho nihalela ukudla inyama, ningasihlaba isilwane[g] ngokuvumelana nesibusiso uJehova uNkulunkulu wenu aninike sona kuwo wonke amadolobha* enu. Umuntu ongcolile nohlanzekile bangayidla, ngendlela ebeningadla ngayo insephe noma indluzele. **16** Kodwa yigazi kuphela okungamelwe nilidle;[h] kufanele nilithululele emhlabathini njengamanzi.[i] **17** Ngeke nivunyelwe ukuba nidlele emadolobheni* enu okweshumi kokudla kwenu okusanhlamvu, iwayini lenu elisha, amafutha enu, amazibulo omhlambi wenu wezinkomo noma omhlambi wenu wezimvu nezimbuzi[j] nanoma yimiphi iminikelo yenu yesifungo enifunga ngayo, iminikelo yenu yokuzithandela noma umnikelo ovela esandleni senu. **18** Lokhu kufanele nikudle phambi kukaJehova uNkulunkulu wenu, endaweni uJehova uNkulunkulu wenu ayoyikhetha[a]—nina namadodana enu, amadodakazi enu, izinceku nezincekukazi zenu nomLevi osemadolobheni* enu; futhi niyojabula phambi kukaJehova uNkulunkulu wenu kuyo yonke imizamo yenu. **19** Qaphelani ukuba ningamlahli umLevi[b] uma nje nisahlala ezweni lenu.

**20** “Lapho uJehova uNkulunkulu wenu enweba indawo yenu,[c] njengoba nje enithembisile,[d] futhi nithi, ‘Sifuna ukudla inyama,’ ngoba nihalela ukudla inyama, ningayidla inyama noma nini lapho niyifuna.[e] **21** Uma indawo uJehova uNkulunkulu wenu akhetha ukubeka igama lakhe kuyo[f] ikude nani, kufanele nihlabe emhlanjini wenu wezinkomo noma emhlanjini wenu wezimvu noma wezimbuzi uJehova aninike wona, njengoba nje nginiyalile, futhi kufanele nidlele emadolobheni* enu noma nini lapho nifuna inyama. **22** Ningayidla ngendlela ebeningadla ngayo insephe nendluzele;[g] umuntu ongcolile nohlanzekile bangayidla. **23** Nina nje ningalokothi nidle igazi[h] ngoba igazi liwukuphila*[i] futhi akumele nidle ukuphila kanye nenyama. **24** Ningalidli. Kufanele nilithululele emhlabathini njengamanzi.[j] **25** Ningalidli, ukuze kunihambele kahle nina nabantwana benu, ngoba nenza okulungile emehlweni kaJehova. **26** Kufanele nithathe izinto zenu ezingcwele neminikelo yenu yesifungo kuphela lapho niya endaweni uJehova ayoyi-

**12:12, 18** *NgesiHebheru, “osemasangweni.” **12:15** *NgesiHebheru, “amasango.” **12:17, 21** *NgesiHebheru, “emasangweni.”

**12:23** *Noma, “liwumphefumulo.”

**ISAHL. 12**
*a* Dut 16:2; Dut 26:2
*b* Dut 14:22, 23
*c* Dut 14:26; 1Kh 8:66; Neh 8:10
*d* Num 18:20, 24; Dut 10:9; Dut 14:28, 29; Jos 13:14
*e* Lev 17:3, 4; 1Kh 12:28
*f* 2Kr 7:12
*g* Dut 12:21
*h* Gen 9:4; Lev 7:26; Lev 17:10; IzE 15:20, 29
*i* Lev 17:13; Dut 15:23
*j* Dut 14:22, 23

**Uhla 2**
*a* Dut 12:11; Dut 14:26
*b* Num 18:21; Dut 14:27; 2Kr 31:4; Neh 10:38, 39; Mal 3:8
*c* 1Kh 4:21
*d* Gen 15:18; Eks 34:24; Dut 11:24
*e* Lev 11:2-4
*f* Dut 14:23; 2Kr 7:12
*g* Dut 14:4, 5
*h* Lev 3:17; Dut 12:16
*i* Gen 9:4; Lev 17:11, 14
*j* Lev 17:13; Dut 15:23

khetha. **27** Niyoyinikela lapho iminikelo yenu eshiswayo, inyama negazi,[a] e-altare likaJehova uNkulunkulu wenu, igazi lemihlatshelo yenu kufanele lithululwe ngase-altare[b] likaJehova uNkulunkulu wenu, kodwa inyama ningayidla.

**28** “Qikelelani ukuthi niwalalela wonke la mazwi enginiyala ngawo, ukuze kuhlale kunihambela kahle nina nabantwana benu, ngoba nenza okuhle nokulungile emehlweni kaJehova uNkulunkulu wenu.

**29** “Lapho uJehova uNkulunkulu wenu eqothula izizwe enizoziphuca ifa[c] futhi senihlala ezweni lazo, **30** kufanele niqaphele ningacushwa ngemva kokuqothulwa kwazo phambi kwenu. Ningabuzi ngonkulunkulu bazo, nithi, ‘Zazibakhonza kanjani lezi zizwe onkulunkulu bazo? Nathi sizokwenza okufanayo.’[d] **31** Ningenzi kanjalo kuJehova uNkulunkulu wenu ngoba lezi zizwe zenzela onkulunkulu bazo yonke into enengekayo uJehova ayizondayo, zize zishise amadodana namadodakazi azo emlilweni ziwashisela onkulunkulu bazo.[e] **32** Wonke amazwi enginiyala ngawo yiwo okufanele niqikelele ukuthi niyawenza.[f] Ninganezeli kuwo noma nisuse okuthile kuwo.[g]

**13** “Uma kungenzeka kuvuke phakathi kwenu umprofethi noma umuntu obikezela ngamaphupho aninike isibonakaliso noma ibika, **2** bese sigcwaliseka leso sibonakaliso noma ibika akhulume ngalo kini, bese ethi, ‘Masilandele abanye onkulunkulu,’ onkulunkulu eningazange nibazi, ‘sibakhonze,’ **3** akumele niwalalele amazwi alowo mprofethi noma alowo mphuphi,[h] ngoba uJehova uNkulunkulu wenu uyanivivinya[a] ukuze abone ukuthi niyamthanda yini uJehova uNkulunkulu wenu ngayo yonke inhliziyo yenu nangawo wonke umphefumulo* wenu.[b] **4** Kufanele nilandele uJehova uNkulunkulu wenu, nguye okufanele nimesabe, yimiyalo yakhe okufanele niyigcine, yizwi lakhe okufanele nililalele; nguye okufanele nimkhonze, futhi nguye okufanele ninamathele kuye.[c] **5** Kodwa lowo mprofethi noma lowo mphuphi kufanele abulawe[d] ngoba ugqugquzele ukuba kuvukelwe uJehova uNkulunkulu wenu—owanikhipha ezweni laseGibhithe nowanikhulula endlini yobugqila—ukuze aniphambukise endleleni uJehova uNkulunkulu wenu aniyale ukuba nihambe ngayo. Kumele nisuse okubi phakathi kwenu.[e]

**6** “Uma umfowenu, indodana kanyoko, noma indodana yakho noma indodakazi yakho noma umkakho omthandayo noma umngani wakho oseduze,* ezama ukukuyenga ekusithekeni, ethi, ‘Masihambe siyokhonza abanye onkulunkulu,’[f] onkulunkulu eningazange nibazi, nina nokhokho benu, **7** kusukela konkulunkulu bezizwe ezinizungezile, eziseduze kwakho noma ezikude nawe, kusukela kolunye uhlangothi lomhlaba kuya kolunye uhlangothi lomhlaba, **8** ungakwenzi lokho akufunayo futhi ungamlaleli,[g] akufanele umhawukele noma ube nozwela noma umvikele; **9** kunalokho kufanele umbulale nakanjani.[h] Yisandla sakho okufanele simshaye kuqala ukuze simbulale,

**ISAHL. 12**
- *a* Lev 17:11
- *b* Lev 4:29, 30
- *c* Eks 23:23; Hu 44:2; Hu 78:55
- *d* Dut 7:16; Hu 106:36; Hez 20:28
- *e* Lev 18:3, 21; Lev 20:2; Dut 18:10-12; Jer 32:35
- *f* Jos 22:5
- *g* Dut 4:2; Jos 1:7

**ISAHL. 13**
- *h* Isay 8:19; Jer 27:9

**Uhla 2**
- *a* Dut 8:2
- *b* Dut 6:5; Dut 10:12; Mat 22:37
- *c* Dut 10:20
- *d* Dut 18:20
- *e* Dut 17:2, 3, 7; 1Ko 5:13
- *f* 1Kh 11:4; 2Pe 2:1
- *g* Gal 1:8
- *h* Eks 22:20; Eks 32:27; Num 25:5

**13:3** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **13:6** *Noma, “umngani wakho onjengomphefumulo wakho.”

bese kamuva kulandele isandla
sabo bonke abantu.[a] **10** Ku-
mele umshaye ngamatshe aze
afe[b] ngoba ubefuna ukukupha-
mbukisa kuJehova uNkulunku-
lu wakho, okukhiphe ezweni la-
seGibhithe, endlini yobugqila.
**11** Khona-ke wonke u-Israyeli
uyokuzwa futhi esabe, ngeke
aphinde enze into embi njenga-
le phakathi kwakho.[c]
**12** "Uma kungenzeka uzwe
kuthiwa kwelinye lamadolobha
akho, uJehova uNkulunkulu
wakho akunika lona, **13** 'Ku-
phume amadoda angelusizo
lwalutho phakathi kwakho uku-
ze aphambukise abakhe edolo-
bheni lawo, athi: "Masihambe-
ni siyokhonza abanye onkulu-
nkulu," onkulunkulu ebeninga-
bazi,' **14** kufanele uyibhekisi-
se leyo ndaba, wenze uphenyo
olunzulu futhi ubuzisise;[d] uma
kutholakala ukuthi ngempela
le nto enengekayo yenziwe
phakathi kwakho, **15** kufane-
le nakanjani ubashaye ngenke-
mba abakhe kulelo dolobha.[e]
Kufanele ulibhubhise ngenke-
mba lelo dolobha, lona na-
kho konke okukulo, kuhlanga-
nise nemfuyo ekulo.[f] **16** Nge-
mva kwalokho yonke impahla
yalo kufanele uyiqoqele ma-
phakathi nesigcawu salo, ushi-
se idolobha ngomlilo, futhi
impahla yalo iyoba umnikelo
oshiswayo oya kuJehova uNku-
lunkulu wakho. Lelo dolo-
bha liyoba yizindunduma za-
matshe unomphela. Akufane-
le nanini liphinde lakhiwe ka-
busha. **17** Ayikho into ehlu-
kaniselwe ukubhujiswa isandla
sakho okufanele siyithathe,[g]
ukuze uJehova angabe esathu-
kuthela, kodwa akubonise isi-
he nozwela futhi akwandise,
njengoba nje efungile kokho-
kho bakho.[h] **18** Ngoba kufa-
nele umlalele uJehova* uNku-
lunkulu wakho ngokugcina yo-
nke imiyalo yakhe engikuyala
ngayo namuhla, kanjalo wenze
okulungile emehlweni kaJeho-
va uNkulunkulu wakho.[a]

**14** "Ningabantwana bakaJe-
hova uNkulunkulu wenu.
Ningazisiki[b] noma niphuce izi-
phongo zenu* ngenxa yomuntu
oshonile.[c] **2** Ngoba niyisizwe
esingcwele[d] kuJehova uNkulu-
nkulu wenu, uJehova unikhe-
thile ukuba nibe isizwe sa-
khe, impahla yakhe ekhetheki-
le* kuzo zonke izizwe ezisem-
hlabeni.[e]
**3** "Akumele nidle noma yini
enengekayo.[f] **4** Nazi izilwa-
ne eningazidla:[g] inkomo, imvu,
imbuzi, **5** indluzele, insephe,
inxala, imbuzi yasendle, iwu-
la, imvu yasendle nemvu yase-
zintabeni. **6** Ningadla noma yi-
ziphi izilwane ezinenselo ehlu-
kene phakathi futhi ezetshisayo.
**7** Kodwa akumele nidle lezi
zilwane ezilandelayo ezetshi-
sayo noma ezinenselo edabu-
kile: ikamela, unogwaja nembi-
la, ngoba ziyetshisa kodwa azi-
nayo inselo edabukile. Zingco-
lile kini.[h] **8** Nengulube ngoba
inenselo ehlukene phakathi ko-
dwa ayetshisi. Ingcolile kini.
Akumele nidle inyama yazo
noma nithinte izidumbu zazo.
**9** "Kuzo zonke izinto eziphi-
la emanzini, nakhu eningaku-
dla: Konke okunezigwedlo na-
mazenga ningakudla.[i] **10** Ko-
dwa akumele nidle noma yini
engenazo izigwedlo namaze-
nga. Kungcolile kini.
**11** "Ningadla noma iyiphi
inyoni ehlanzekile. **12** Kodwa

**ISAHL. 13**
*a* Dut 17:2, 3, 7
*b* Lev 20:2, 27
*c* Dut 17:13; 1Ti 5:20
*d* Dut 19:15; 1Ti 5:19
*e* Dut 17:4, 5; 2Kr 28:6
*f* Eks 22:20
*g* Jos 6:18
*h* Gen 22:15, 17; Gen 26:3, 4

**Uhla 2**
*a* Dut 6:18

**ISAHL. 14**
*b* Lev 19:28
*c* Lev 21:1, 5
*d* Lev 19:2; Lev 20:26; Dut 28:9; 1Pe 1:15
*e* Eks 19:5, 6; Dut 7:6
*f* Lev 11:43; Lev 20:25; IzE 10:14
*g* Lev 11:2, 3
*h* Lev 11:4-8
*i* Lev 11:9, 10

**13:18** *Noma, "ulilalele izwi likaJehova." **14:1** *NgesiHebheru, "niphuce phakathi kwamehlo enu." **14:2** *Noma, "eyigugu."

yilezi okungamelwe nizidle:
ukhozi, ingqungqulu, inqe eli-
mnyama,[a] **13** unhloyile obo-
mvu, unhloyile omnyama, zo-
nke izinhlobo zokholwe, **14** zo-
nke izinhlobo zamagwababa,
**15** intshe, isikhova, indwa-
ndwe, zonke izinhlobo zo-
heshe, **16** isikhovana, isikhova
esinamadlebe amade, ifukezi,
**17** ivuba, inqe, umphishamanzi,
**18** unogolantethe, zonke izi-
nhlobo zonozalizingwenya, uzi-
ningweni nelulwane. **19** Zonke
izilwane* ezincane ezinamaphi-
ko ezibhuzayo nazo zingcolile
kini. Akufanele zidliwe. **20** Zo-
nke izilwane ezindizayo ezihla-
nzekile ningazidla.

**21** "Akumele udle noma yi-
siphi isilwane esitholakale sizi-
fele.[b] Ungasinika isifiki esinga-
phakathi emadolobheni* akho,
sona singasidla, noma sithengi-
selwe owesinye isizwe. Ngoba
uyisizwe esingcwele kuJehova
uNkulunkulu wakho.

"Ungayibilisi inyama yezi-
nyane obisini lukanina.[c]

**22** "Kumele nakanjani ukhi-
phe okweshumi kwakho ko-
nke okukhiqizwa imbewu ya-
kho ensimini unyaka nonyaka.[d]
**23** Uyodla okweshumi koku-
dla kwakho okusanhlamvu,
iwayini lakho elisha, amafu-
tha akho namazibulo omhla-
mbi wakho wezinkomo nawom-
hlambi wakho wezimvu nowe-
zimbuzi phambi kukaJehova
uNkulunkulu wakho, endawe-
ni ayokhetha ukuba igama la-
khe lihlale kuyo,[e] ukuze ufunde
ukwesaba uJehova uNkulunku-
lu wakho ngaso sonke isikha-
thi.[f]

**24** "Kodwa uma kwenzeka
uhambo luba lude kakhulu
kuwe, ungeke ukwazi ukuku-
thwala ukuyise endaweni uJe-
hova uNkulunkulu wakho ayi-
khetha njengendawo yegama
lakhe[a] ngoba ikude kakhu-
lu nawe (ngoba uJehova uNku-
lunkulu wakho uyokubusisa),
**25** ungakushintsha kube yima-
li, uthathe leyo mali uhambe
uye endaweni uJehova uNkulu-
nkulu wakho ayoyikhetha.
**26** Ngemva kwalokho, uyise-
benzisele noma yini oyifisa-
yo—izinkomo, izimvu, izimbu-
zi, iwayini nolunye uphuzo
oludakayo, nanoma yini oyi-
thandayo; uyodlela lapho pha-
mbi kukaJehova uNkulunkulu
wakho ujabule, wena nom-
ndeni wakho.[b] **27** Ungamlahli
umLevi ongaphakathi emado-
lobheni akho[c] ngoba akanikwa-
nga sabelo nafa kanye nawe.[d]

**28** "Njalo ekupheleni kwe-
minyaka emithathu, kufane-
le ukhiphe konke okweshu-
mi komkhiqizo wakho walowo
nyaka, ukubeke ngaphakathi
emadolobheni akho.[e] **29** Um-
Levi onganikwanga sabelo nafa
kanye nawe, isifiki, intanda-
ne* nomfelokazi abasemadolo-
bheni akho, bayoza badle bane-
liseke,[f] ukuze uJehova uNkulu-
nkulu wakho akubusise kukho
konke okwenzayo.[g]

**15** "Njalo ekupheleni kwe-
minyaka eyisikhombi-
sa, kufanele nikhulule aba-
ntu ezikweletini zabo.[h] **2** Na-
nsi indlela yalokho kukhulu-
la: Wonke umuntu okwele-
twayo uyokhulula umakhelwa-
ne wakhe esikweletini ase-
nzile. Akufanele axine uma-
khelwane wakhe noma umfo-
wabo ukuba akhokhe, ngoba
kuyobizwa ngokuthi ukukhulu-
lelwa uJehova.[i] **3** Ungasixina
isifiki ukuba sikhokhe,[j] kodwa

---

**14:19** *Noma, "izinambuzane." **14:21** *NgesiHebheru, "emasangweni."

**14:29** *Noma, "ingane engenababa."

---

ISAHL. 14
a Lev 11:13-20
b Eks 22:31; Lev 17:15
c Eks 23:19; Eks 34:26
d Dut 12:11; Dut 26:12
e Dut 12:5, 17; Dut 15:19, 20
f Hu 111:10

Uhla 2
a Dut 12:5, 6
b Dut 12:7; Dut 26:11; Hu 100:2
c Num 18:21; 2Kr 31:4; 1Ko 9:13
d Num 18:20; Dut 10:9
e Dut 26:12
f Eks 22:21; Dut 10:18; Jak 1:27
g Dut 15:10; Hu 41:1; IzA 11:24; IzA 19:17; Mal 3:10; Luk 6:35

ISAHL. 15
h Lev 25:2
i Dut 31:10
j Eks 12:43; Dut 14:21; Dut 23:20

akufanele umkhokhise umfowenu noma yini akukweleta yona. **4** Nokho, akekho okufanele abe mpofu phakathi kwenu, ngoba nakanjani uJehova uyokubusisa[a] ezweni uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona njengefa ukuba ulithathe, **5** kuphela nje uma ulilalelisisa izwi likaJehova uNkulunkulu wakho futhi uwugcina ngokucophelela wonke lo myalo engikunika wona namuhla.[b] **6** Ngoba uJehova uNkulunkulu wakho uyokubusisa njengoba nje ekuthembisile, futhi wena uyotshelekisa* ezizweni eziningi, kodwa ngeke kudingeke uboleke;[c] uyobusa phezu kwezizwe eziningi, kodwa zona ngeke zibuse phezu kwakho.[d]

**7** "Uma omunye wabafowenu eba mpofu phakathi kwenu kwelinye lamadolobha enu ezweni uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona, ungayenzi lukhuni inhliziyo yakho noma umvalele isandla umfowenu ompofu.[e] **8** Ngoba kufanele umvulele isandla sakho ngokukhululekile[f] futhi kumele nakanjani umboleke* noma yini ayidingayo noma ayiswele. **9** Qaphela ukuba ungabi nalo mbono omubi enhliziyweni yakho, 'Unyaka wesikhombisa, unyaka wokukhulula, ususondele,'[g] bese uncisha umfowenu ompofu, ungamniki lutho. Uma ekhala ngawe kuJehova, kuyoba isono kuwe.[h] **10** Kufanele umnike ngesandla esivulekile,[i] akufanele* umnike ububula, ngoba kungenxa yalesi sizathu uJehova uNkulunkulu wakho eyobusisa zonke izenzo zakho nayo yonke imizamo yakho.[a] **11** Ngoba bayohlale bekhona abantu abampofu ezweni.[b] Yingakho ngikuyala ngithi, 'Kufanele umvulele isandla ngokukhululekile umfowenu ohluphekile nompofu ezweni lakini.'[c]

**12** "Uma udayiselwa omunye wabafowenu, owesilisa noma owesifazane ongumHebheru, futhi esekukhonze iminyaka eyisithupha, kufanele umkhulule ngonyaka wesikhombisa.[d] **13** Uma kwenzeka umkhulula, ungamhambisi elambatha. **14** Kufanele umuphe ngokukhululekile okuthile okuvela emhlanjini wakho wezimvu nezimbuzi, esibuyeni* sakho nasesikhamweni sakho samafutha nesewayini. Kufanele umuphe njengoba nje uJehova uNkulunkulu wakho ekubusisile. **15** Khumbula ukuthi waba isigqila ezweni laseGibhithe nokuthi uJehova uNkulunkulu wakho wakukhulula. Yingakho ngikuyala ukuba wenze lokhu namuhla.

**16** "Kodwa uma ethi kuwe, 'Ngeke ngisuke kuwe!' ngoba ekuthanda wena nomndeni wakho, njengoba ebejabule ngesikhathi enawe,[e] **17** kufanele uthathe usungulo ulufake endlebeni yakhe luphumele esicabheni, abe isigqila sakho ukuphila kwakhe konke. Kufanele wenze okufanayo nangesigqilakazi sakho. **18** Ungakubheki njengento enzima lapho umkhulula bese ekushiya, ngoba inkonzo akwenzele yona iminyaka eyisithupha yayilingana nenani eliphindwe kabili kwelesisebenzi esiqashiwe, futhi uJehova uNkulunkulu wa-

---

**15:6** *Noma, "uyotshelekisa ngesibambiso." **15:8** *Noma, "umboleke ngesibambiso." **15:10** *NgesiHebheru, "inhliziyo yakho akufanele."

**15:14** *Indawo okubhulelwa kuyo ukudla okusanhlamvu.

---

**ISAHL. 15**

a Dut 28:8
b Jos 1:7, 8; Isay 1:19
c Dut 28:12
d Dut 28:13; 1Kh 4:24, 25
e IzA 21:13; Jak 2:15, 16; 1Jo 3:17
f Lev 25:35; IzA 19:17; Mat 5:42; Luk 6:34, 35; Gal 2:10
g Dut 15:1
h Eks 22:22, 23; Dut 24:14, 15; IzA 21:13
i IzE 20:35; 2Ko 9:7; 1Ti 6:18; Heb 13:16

**Uhla 2**

a Dut 24:19; Hu 41:1
b Mat 26:11
c IzA 3:27; Mat 5:42; Luk 12:33
d Eks 21:2; Lev 25:39
e Eks 21:5, 6

kho ukubusisile kukho konke okwenziwe.

**19** "Kufanele ungcwelise wonke amazibulo angamaduna emhlanjini wakho wezinkomo nasemhlanjini wakho wezimvu nezimbuzi, uwangcwelisele uJehova uNkulunkulu wakho.[a] Akukho msebenzi okumele wenziwe ngezibulo lomhlambi wakho wezinkomo,* futhi akumele ugunde izibulo lomhlambi wakho wezimvu nezimbuzi. **20** Wena nomndeni wakho kufanele nilidle phambi kukaJehova uNkulunkulu wakho unyaka nonyaka endaweni uJehova ayoyikhetha.[b] **21** Kodwa uma linesici—lilunyonga, impumputhe, noma isiphi isici esibi—akumele ulenze umhlatshelo kuJehova uNkulunkulu wakho.[c] **22** Kufanele ulidlele ngaphakathi emadolobheni* akho, umuntu ongcolile nohlanzekile ngokufanayo, njengokungathi bekuyinsephe noma indluzele.[d] **23** Yigazi lalo kuphela okungamelwe ulidle;[e] kufanele ulithululele emhlabathini njengamanzi.[f]

**16** "Gcina inyanga ka-Abhibhi,* ugubhele uJehova uNkulunkulu wakho iPhasika,[g] ngoba ngenyanga ka-Abhibhi uJehova uNkulunkulu wakho wakukhipha eGibhithe ebusuku.[h] **2** Kufanele uhlabele uJehova uNkulunkulu wakho umnikelo wePhasika,[i] emhlanjini wezimvu nasemhlanjini wezinkomo,[j] endaweni uJehova akhetha ukuba igama lakhe lihlale kuyo.[k] **3** Ungadli lutho olufakwe imvubelo kanye nalo;[l] izinsuku eziyisikhombisa kufanele udle isinkwa esingenamvubelo, isinkwa sokuhlupheka, ngoba waphuma ezweni laseGibhithe uphuthuma.[a] Kwenze lokhu ukuze ukhumbule usuku owaphuma ngalo ezweni laseGibhithe zonke izinsuku zokuphila kwakho.[b] **4** Akukho nhlama ebilisiwe okufanele itholakale kuwe kuyo yonke indawo yakho izinsuku eziyisikhombisa,[c] futhi akufanele le inyama oyoyihlaba kusihlwa ngosuku lokuqala ihlale ubusuku bonke kuze kube ngakusasa ekuseni.[d] **5** Ngeke uvunyelwe ukuba umnikelo wePhasika uwuhlabele kunoma yiliphi lamadolobha uJehova uNkulunkulu wakho akunika wona. **6** Kodwa kufanele ulihlabele endaweni uJehova uNkulunkulu wakho akhetha ukuba igama lakhe lihlale kuyo. Kufanele umnikelo wePhasika uwuhlabe kusihlwa ngokushesha nje lapho ilanga lishona,[e] ngesikhathi esimisiwe sokuphuma kwakho eGibhithe. **7** Kumele ulipheke futhi ulidlele[f] endaweni uJehova uNkulunkulu wakho ayoyikhetha,[g] ekuseni ungaphindela ematendeni akho. **8** Kufanele udle isinkwa esingenamvubelo izinsuku eziyisithupha, ngosuku lwesikhombisa kuyoba nomhlangano onesizotha owenzelwa uJehova uNkulunkulu wakho. Akumele usebenze.[h]

**9** "Kufanele ubale amasonto ayisikhombisa. Kufanele uqale ukubala la masonto ayisikhombisa kusukela lapho isikela liqala ukufakwa ekudleni okusanhlamvu okusensimini.[i] **10** Ngemva kwalokho kufanele ugubhele uJehova uNkulunkulu wakho uMkhosi Wamasonto,[j] uphethe umnikelo wakho wokuzithandela, kuye ngokwalokho

---

**15:19** *NgesiHebheru, "lenkunzi yakho."
**15:22** *NgesiHebheru, "emasangweni."
**16:1** *Bheka iSithasiselo B15.

**ISAHL. 15**
a Eks 13:2; Eks 22:30; Num 3:13; Num 18:15, 17
b Dut 12:5, 6; Dut 14:23; Dut 16:11
c Lev 22:20; Dut 17:1; Mal 1:8; Heb 9:14
d Dut 12:15; Dut 14:4, 5
e Gen 9:4; Lev 7:26; IzE 15:20, 29
f Lev 17:10, 13; Dut 12:16

**ISAHL. 16**
g Eks 12:14; Lev 23:5; Num 9:2; Num 28:16; 1Ko 5:7
h Eks 34:18
i Mat 26:17
j Eks 12:5, 6; 2Kr 35:7
k 1Kh 8:29
l Eks 13:3; Lev 23:6; Num 28:17; 1Ko 5:8

**Uhla 2**
a Eks 12:33
b Eks 12:14; Eks 13:8, 9
c Eks 12:15; Eks 13:7
d Eks 12:10; Eks 34:25
e Eks 12:3, 6; Num 9:2, 3; Mat 26:19, 20
f Eks 12:8; 2Kr 35:13
g Joh 2:13; Joh 11:55
h Eks 12:16; Lev 23:8
i Eks 23:16; Eks 34:22; Lev 23:15
j Num 28:26

uJehova uNkulunkulu wakho
akubusisa ngakho.[a] **11** Kufa-
nele ujabule phambi kukaJeho-
va uNkulunkulu wakho, wena
nendodana yakho, indodakazi
yakho, isigqila sakho, isigqi-
lakazi sakho, umLevi onga-
phakathi kwamadolobha* akho,
isifiki, intandane# nomfeloka-
zi, abaphakathi kwakho, enda-
weni uJehova uNkulunkulu wa-
kho akhetha ukuba igama la-
khe lihlale kuyo.[b] **12** Khumbu-
la ukuthi waba isigqila eGibhi-
the,[c] ugcine lezi ziqondiso futhi
uzifeze.

**13** "Kufanele ugubhe uMkho-
si Wamadokodo*[d] izinsuku eziyi-
sikhombisa lapho ubutha okuse-
sibuyeni sakho nasesikhamwe-
ni sakho samafutha nesewayini.
**14** Jabula phakathi nalo mkho-
si wakho,[e] wena nendodana ya-
kho, indodakazi yakho, isigqi-
la sakho, isigqilakazi sakho, um-
Levi, isifiki, ingane engenababa
nomfelokazi, abangaphakathi
kwamadolobha akho. **15** Izi-
nsuku eziyisikhombisa uyogu-
bhela uJehova uNkulunkulu wa-
kho lo mkhosi[f] endaweni uJeho-
va ayikhethayo, ngoba uJehova
uNkulunkulu wakho uyobusisa
wonke umkhiqizo wakho nakho
konke okwenzayo,[g] wena uyoja-
bula nje kuphela.[h]

**16** "Kathathu ngonyaka, bo-
nke abantu bakho besilisa kufa-
nele bavele phambi kukaJehova
uNkulunkulu wakho endaweni
ayikhethayo: ngoMkhosi We-
sinkwa Esingenamvubelo,[i] ngo-
Mkhosi Wamasonto[j] nango-
Mkhosi Wamadokodo,*[k] ake-
kho noyedwa kubo okufanele
avele phambi kukaJehova enga-
phethe lutho. **17** Isipho esile-
thwa umuntu ngamunye kufa-
nele silingane nesibusiso uJeho-
va uNkulunkulu wakho akunike
sona.[a]

**18** "Kufanele umisele isizwe
ngasinye abahluleli[b] nezikhulu
kuwo wonke amadolobha* uJe-
hova uNkulunkulu wakho aku-
nika wona, kumele bahlulele
abantu ngesahlulelo esilungile.
**19** Ungabuphendukezeli ubu-
lungisa,[c] ungakhethi[d] noma wa-
mukele isifumbathiso, ngo-
ba isifumbathiso sivala amehlo
abahlakaniphile[e] sihlanekezele
namazwi abalungile. **20** Ubu-
lungisa—ubulungisa yibo oku-
fanele ubufune,[f] ukuze uqhu-
beke uphila futhi uthathe izwe
uJehova uNkulunkulu wakho
akunika lona.

**21** "Akufanele utshale noma
yiluphi uhlobo lwesihlahla nje-
ngesigxobo esingcwele*[g] eduze
kwe-altare likaJehova uNkulu-
nkulu wakho ozenzela lona.

**22** "Akufanele uzimisele ne-
nsika engcwele,[h] into uJeho-
va uNkulunkulu wakho ayizo-
ndayo.

**17** "Ungamenzeli umhlatshe-
lo uJehova uNkulunkulu
wakho ngenkunzi noma nge-
mvu enanoma yisiphi isici, ngo-
ba kuyoba yinto enengekayo
kuJehova uNkulunkulu wakho.[i]

**2** "Ake sithi kutholakala
umuntu wesilisa noma wesifa-
zane phakathi kwakho, kweli-
nye lamadolobha akho uJeho-
va uNkulunkulu wakho akuni-
ka wona, owenza okubi eme-
hlweni kaJehova uNkulunku-
lu wakho ephula isivumelwa-
no sakhe,[j] **3** aphambuke ayo-
khulekela abanye onkulunku-
lu abakhothamele noma akho-

---

**16:11** *NgesiHebheru, "kwamasango." #Noma, "ingane engenababa." **16:13, 16** *Noma, "Wezindlwana Zesikhashana."

**16:18** *NgesiHebheru, "ngaphakathi kwawo wonke amasango akho." **16:21** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

---

**ISAHL. 16**

a Dut 16:17, 1Ko 16:2, 2Ko 8:12
b Dut 12:5-7
c Eks 3:7, Dut 5:15
d Eks 23:16, Lev 23:34, Num 29:12, Dut 31:10, 11, Joh 7:2
e Dut 12:12, Neh 8:10, 17, Shu 5:18
f Lev 23:36, 40, Neh 8:18
g Dut 7:13, Dut 28:8, Dut 30:16
h Flp 4:4, 1Th 5:16
i Eks 23:14, 15
j Dut 16:10
k Dut 16:13

**Uhla 2**

a 2Ko 8:12
b Eks 18:25, 26, Dut 1:16, 2Kr 19:4, 5
c Eks 23:2, Lev 19:15
d Dut 1:17
e Eks 23:8, 1Sa 12:3, Shu 7:7
f Mik 6:8
g Eks 34:13
h Eks 23:24, Lev 26:1, Dut 12:3

**ISAHL. 17**

i Lev 22:20, Dut 15:21, Mal 1:8
j Dut 4:23, Dut 13:6-9

thamele ilanga noma inyanga
noma lonke ibutho lamazulu,[a]
into engingazange ngiyiyale.[b]
**4** Lapho ubikelwa ngaleyo nda-
ba noma uzwa ngayo, kufane-
le uyiphenyisise. Uma kutho-
lakala ukuthi kuyiqiniso[c] uku-
thi le nto enengekayo yenzi-
we kwa-Israyeli, **5** leyo ndo-
da noma lowo wesifazane owe-
nze le nto embi kumele um-
khiphele ngaphandle emasa-
ngweni edolobha, leyo ndoda
noma lowo wesifazane kume-
le ashaywe ngamatshe aze afe.[d]
**6** Lowo ozobulawa kufanele
abulawe ngobufakazi* babantu
ababili noma abathathu.[e] Aku-
mele abulawe ngobufakazi bo-
muntu oyedwa.[f] **7** Isandla so-
fakazi yiso okufanele simshaye
kuqala ukuze simbulale, kamu-
va kulandele isandla sabo bo-
nke abantu. Kumele ususe oku-
bi phakathi kwakho.[g]

**8** "Uma kwenzeka kuvela
icala kwelinye lamadolobha
akho okunzima kakhulu uku-
ba ukhiphe isahlulelo kulo, ku-
ngaba icala elihilela ukuchi-
thwa kwegazi[h] noma isikhala-
zo, noma kuye kwenziwa ubu-
dlova noma kube nezingxaba-
no, kufanele usuke uye
endaweni uJehova uNkulunku-
lu wakho ayikhethayo.[i] **9** Ha-
mba uye kubapristi aba-
ngamaLevi nakumahluleli[j] oyo-
be esebenza ngalezo zinsuku
ufike wethule udaba lwakho,
bona bayokhipha isinqumo.[k]
**10** Ngemva kwalokho kume-
le wenze ngokuvumelana nesi-
nqumo abasenze besendaweni
uJehova ayikhethayo. Qikele-
la ukuthi wenza ngokuvumela-
na nakho konke abakuyala nga-
kho. **11** Kumele wenze ngo-
kuvumelana nomthetho abaku-
bonisa wona nangokuvumela-
na nesinqumo sabo.[a] Unga-
phambuki esinqumweni aba-
yosikhipha, ngokuya kwesoku-
dla noma kwesobunxele.[b]
**12** Umuntu ogabadelayo ngo-
kungamlaleli umpristi okhonza
uJehova uNkulunkulu wakho
noma umahluleli kumele afe.[c]
Kumele ususe okubi kwa-Isra-
yeli.[d] **13** Bonke abantu bayo-
zwa futhi besabe, ngeke baphi-
nde bagabadele.[e]

**14** "Lapho ungena ezweni
uJehova uNkulunkulu wakho
akunika lona, usulithathile fu-
thi uhlala kulo, bese uthi, 'Ma-
ngizibekele inkosi phezu kwami
njengazo zonke izizwe ezingi-
zungezile,'[f] **15** uma kwenze-
ka kanjalo, kufanele nakanjani
ubeke inkosi uJehova uNkulu-
nkulu wakho ayikhethayo.[g] Ku-
fanele ukhethe inkosi phaka-
thi kwabafowenu. Awuvunye-
lwe ukubeka isifiki esingeye-
na umfowenu ukuba sibe inko-
si yakho. **16** Nokho, akufane-
le izitholele amahhashi amani-
ngi[h] noma yenze abantu ba-
buyele eGibhithe ukuze batho-
le amahhashi engeziwe,[i] ngoba
uJehova wathi kuwe, 'Akume-
le nanini ubuyele emuva nga-
le ndlela.' **17** Akufanele noku-
ba izithathele abafazi abani-
ngi, ukuze inhliziyo yayo inga-
phambuki;[j] futhi akufanele izi-
tholele isiliva negolide elini-
ngi kakhulu.[k] **18** Lapho ihlala
esihlalweni sobukhosi sombuso
wayo, kumele izibhalele encwa-
dini* ikhophi yalo Mthetho
ezowufunda, iwususela kulo-
wo owawugcinwa abapristi
abangamaLevi.[l]

**19** "Kumele uhlale ukuyo,
iwufunde zonke izinsuku zoku-
phila kwayo,[m] ukuze ifunde

**17:6** *NgesiHebheru, "ngomlomo."

**17:18** *Noma, "emqulwini."

ISAHL. 17
a Dut 4:19
b Dut 13:12-15
c Joh 7:51
d Dut 13:6, 10
e Mat 18:16; Joh 8:17; 1Ti 5:19; Heb 10:28
f Num 35:30; Dut 19:15
g Dut 13:5; 1Ko 5:13
h Num 35:11
i Dut 12:5; 1Kh 3:16, 28; Hu 122:2, 5
j 1Sa 7:15, 16
k Dut 19:17; Dut 21:5

Uhla 2
a Mal 2:7
b Dut 5:32; Dut 12:32
c IzA 11:2; Heb 10:28
d Dut 13:5; 1Ko 5:13
e Dut 13:11; Dut 19:20
f 1Sa 8:5, 20; 1Sa 10:19
g 1Sa 9:17; 1Sa 10:24; 1Sa 16:12, 13
h Dut 20:1; 2Sa 8:4; Hu 20:7; IzA 21:31
i Isay 31:1
j 1Kh 11:1-3; Neh 13:26
k Job 31:24, 28; 1Ti 6:9
l Dut 31:9, 26; 2Kh 22:8
m 2Kr 34:18

ukwesaba uJehova uNkulunkulu wayo, igcine wonke amazwi alo Mthetho nalezi ziqondiso ngokuzenza.[a] **20** Ngaleyo ndlela inhliziyo yayo ngeke iziphakamise ngaphezu kwabafowabo futhi ngeke iphambuke kulowo myalo iye kwesokudla noma kwesobunxele, ukuze ihlale isikhathi eside embusweni wayo, yona nabantwana bayo phakathi kuka-Israyeli.

**18** “Abapristi abangamaLevi naso sonke isizwe sakwaLevi ngeke banikwe sabelo noma ifa kwa-Israyeli. Bayodla iminikelo eya kuJehova eshiswa emlilweni, eyifa lakhe.[b] **2** Ngakho akufanele babe nefa phakathi kwabafowabo. UJehova uyifa labo, njengoba nje ekhulumile kubo.

**3** “Lokhu kuyoba yilungelo elifanele labapristi elivela kubantu: Noma ubani owenza umhlatshelo, kungakhathaliseki ukuthi yinkomo noma yimvu, kufanele anike umpristi isiphanga, imihlathi nesisu. **4** Ukudla kwakho okusanhlamvu kokuqala, iwayini lakho elisha, amafutha akho noboya bokuqala obugundwe emhlanjini wakho wezimvu kufanele umnike kona.[c] **5** UJehova uNkulunkulu wakho ukhethe yena namadodana akhe kuzo zonke izizwe zakho ukuba bakhonze egameni likaJehova ngaso sonke isikhathi.[d]

**6** “Kodwa uma umLevi eshiya elinye lamadolobha akho ayehlala kulo kwa-Israyeli,[e] efisa ukuya endaweni uJehova ayikhethayo,*[f] **7** angakhonza kuleyo ndawo egameni likaJehova uNkulunkulu wakhe njengabo bonke abafowabo abangamaLevi, ababekwe lapho phambi kukaJehova.[a] **8** Uyothola ingxenye yokudla elingana neyabo,[b] ngaphandle kwalokho akuthola ngokudayisa izimpahla zokhokho bakhe.

**9** “Lapho usungenile ezweni uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona, akumele uzame ukulingisa imikhuba enengekayo yalezo zizwe.[c] **10** Akufanele kutholakale kuwe noma ubani oshisa* indodana noma indodakazi yakhe emlilweni,[d] obhulayo,[e] owenza umlingo,[f] ofuna amabika,[g] umthakathi,[h] **11** ophonsa abanye ngeziphonso, obuza kosebenzelana nemimoya[i] noma kumbikezeli wekusasa,[j] nanoma ubani obuza kwabafileyo.[k] **12** Ngoba noma ubani owenza lezi zinto uyisinengiso kuJehova, futhi ngenxa yale mikhuba enengekayo uJehova uNkulunkulu wakho uyazixosha lezi zizwe phambi kwakho. **13** Kufanele ungasoleki kuJehova uNkulunkulu wakho.[l]

**14** “Ngoba lezi zizwe oziphuca ifa lazo zazibalalela abenza imilingo[m] nababhulayo,[n] kodwa uJehova uNkulunkulu wakho akakuvumelanga ukuba wenze into enjalo. **15** UJehova uNkulunkulu wakho uyokuvusela umprofethi onjengami phakathi kwabafowenu. Kumele umlalele.[o] **16** Lokhu kuvumelana nalokho owakucela kuJehova uNkulunkulu wakho eHorebe ngosuku lomhlangano,*[p] lapho uthi, ‘Mangingalizwa izwi likaJehova uNkulunkulu wami noma ngiphinde ngibone lo mlilo omkhulu, ukuze ngingafi.’[q] **17** UJehova wathi kimi, ‘Kuhle lokho

---

**18:6** *Okuwukuthi, indawo uJehova ayikhetha ukuba ibe indawo yokukhulekela.

**18:10** *NgesiHebheru, “oweqisa.”
**18:16** *Noma, “Iwebandla.”

---

ISAHL. 17
- a Hu 1:2; Hu 119:97

ISAHL. 18
- b Num 18:20, 24; Dut 10:9; Jos 13:14, 33; 1Ko 9:13
- c Eks 23:19; Num 18:8, 12; 2Kr 31:4; Neh 12:44
- d Eks 28:1; Num 3:10; Dut 10:8
- e Num 35:2
- f Dut 12:5, 6; Dut 16:2; Hu 26:8

Uhla 2
- a 2Kr 31:2
- b Lev 7:10
- c Lev 18:26; Dut 12:30
- d Dut 12:31; 2Kh 16:1, 3; 2Kr 28:1, 3; Hu 106:35-37; Jer 32:35
- e 2Kh 17:17; IzE 16:16
- f Lev 19:26; IzE 19:19
- g Hez 21:21
- h Eks 22:18
- i Lev 20:27; 1Kr 10:13
- j Lev 19:31
- k 1Sa 28:7-11; Isay 8:19; Gal 5:19, 20
- l Mat 5:48; 2Pe 3:14
- m Lev 19:26; 2Kh 21:1, 2, 6
- n Jos 13:22
- o Gen 49:10; Num 24:17; Luk 7:16; Joh 1:45; Joh 6:14; IzE 3:22; IzE 7:37
- p Eks 19:17
- q Eks 20:19

abakushilo. **18** Ngiyobavusela umprofethi onjengawe phakathi kwabafowabo,[a] ngiyofaka amazwi ami emlonyeni wakhe,[b] uyokhuluma kubo konke engimyala ngakho.[c] **19** Impela ngiyomenza alandise umuntu ongeke awalalele amazwi ami umprofethi ayowakhuluma egameni lami.[d]

**20** "'Uma kuba nomprofethi ogabadelayo, akhulume izwi engingamyalanga ukuba alikhulume esebenzisa igama lami noma akhulume egameni labanye onkulunkulu, lowo mprofethi kumele afe.[e] **21** Nokho, ungase uthi enhliziyweni yakho: "Sizokwazi kanjani ukuthi uJehova akalishongo leli zwi?" **22** Lapho umprofethi ekhuluma egameni likaJehova bese lingenzeki izwi alikhulumayo noma lingagcwaliseki, kusho ukuthi lelo zwi aliveli kuJehova. Lowo mprofethi ulikhulume ngokugabadela. Akufanele umesabe.'

**19** "Lapho uJehova uNkulunkulu wakho ebhubhisa izizwe uJehova uNkulunkulu wakho akunika izwe lazo futhi usuziphucile ifa lazo wahlala emadolobheni azo nasezindlini zazo,[f] **2** kufanele ubekele eceleni amadolobha amathathu phakathi kwezwe lakho uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona ukuba ulithathe.[g] **3** Kufanele uyihlukanise ibe izingxenye ezintathu indawo esezweni uJehova uNkulunkulu wakho akunike lona njengefa, bese ulungisa imigwaqo ukuze noma yimuphi umbulali abalekele kwelinye lalawo madolobha.

**4** "Nakhu okufanele kwenzeke ngombulali ongase abalekele khona ukuze aphile: Lapho eshaya umuntu wakubo engahlosile futhi ayengamzondi ngaphambili;[a] **5** njengalapho ehamba nomuntu wakubo beya ehlathini beyotheza, afike aphakamise imbazo ngesandla ukuze agawule isihlahla, kodwa insimbi ibhoncuke emphinini iyoshaya umuntu wakubo afe, umbulali kufanele abalekele kwelinye lala madolobha ukuze aphile.[b] **6** Kodwa uma lilide kakhulu ibanga eliya kulelo dolobha, ophindiselela umufi*[c] angase amjahe lowo mbulali amfice, ambulale ngenxa yokuvutha kwentukuthelo.# Nokho, bekungafanele afe ngoba ubengamzondi umuntu wakubo.[d] **7** Yingakho ngikuyala, ngithi: 'Bekela eceleni amadolobha amathathu.'

**8** "Uma uJehova uNkulunkulu wakho eyandisa indawo yakho njengoba afunga kokhokho bakho,[e] esekunike lonke izwe athembisa ukulinika okhokho bakho[f] **9** —uma uwugcina ngokwethembeka wonke lo myalo engikunika wona namuhla, wokuba uthande uJehova uNkulunkulu wakho nokuba uhambe ezindleleni zakhe ngaso sonke isikhathi[g]—kuyomelwe wenezele amanye amadolobha amathathu kulawa amathathu.[h] **10** Uma wenza ngale ndlela akukho gazi elingenacala eliyochithwa[i] ezweni lakho uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona njengefa, futhi akukho cala legazi eliyoba phezu kwakho.[j]

**11** "Kodwa uma umuntu ebemzonda umuntu wakubo,[k] wayesemlinda ukuze amhlasele, wamshaya wambulala, futhi lowo mbulali eye wabalekela kwelinye lalawo madolobha,

**19:6** *Noma, "umphindiseli wegazi." #NgesiHebheru, "ngenxa yokuthi inhliziyo yakhe iyashisa."

ISAHL. 18
*a* Eks 34:28; Num 12:3; Mat 4:1, 2; Mat 11:29; Joh 5:46
*b* Joh 17:8
*c* Joh 12:49; Heb 1:2
*d* IzE 3:23
*e* Dut 13:1-5; Jer 28:11-17

ISAHL. 19
*f* Dut 7:1; Dut 9:1
*g* Num 35:14; Jos 20:7, 9

Uhla 2
*a* Num 35:15; Dut 4:42
*b* Num 35:25
*c* Num 35:12, 19
*d* Jos 20:4, 5
*e* Gen 15:18; Eks 23:31; Dut 11:24
*f* Gen 28:14
*g* Dut 11:22, 23
*h* Jos 20:7, 8
*i* IzA 6:16, 17
*j* Dut 21:6-9
*k* 1Jo 3:15

**12** amadoda amadala edolo-
bha lakubo kufanele athu-
mele ayobizwa lapho, amnike-
le esandleni somuntu ophindi-
selela umufi futhi kumele afe.[a]
**13** Wena* akufanele umhawu-
kele, kumele ususe icala loku-
chitha igazi elingenacala kwa-
Israyeli[b] ukuze kukuhambele
kahle.

**14** “Lapho uthola ifa lakho
ezweni uJehova uNkulunku-
lu wakho akunika lona uku-
ba ulithathe, akumele ugudlu-
ze uphawu lomngcele kama-
khelwane wakho[c] lapho okho-
kho babelubeke khona.

**15** “Akekho ufakazi oyedwa
okufanele alahle omunye* umu-
ntu ngecala nganoma isiphi isi-
phambeko noma isono anga-
se asenze.[d] Indaba iyoqini-
sekiswa ngobufakazi# baba-
ntu ababili noma abathathu.[e]
**16** Uma ufakazi onezinhloso
ezimbi efakaza ngokumelene
nomuntu, ammangalele ngo-
kuthile,[f] **17** laba bantu aba-
bili abanempikiswano bayoma
phambi kukaJehova naphambi
kwabapristi nabahluleli abayo-
be bekhonza ngalezo zinsu-
ku.[g] **18** Abahluleli bayophe-
nyisisa,[h] uma lo muntu ofaka-
zayo engufakazi wamanga fu-
thi eye wamangalela umfowa-
bo ngecala lamanga, **19** kufa-
nele wenze kuye njengoba nje
ebehlose ukwenza kumfowabo,[i]
ususe okubi phakathi kwenu.[j]
**20** Labo abasele bayozwa be-
sabe futhi ngeke baphinde be-
nze into embi njengale phaka-
thi kwenu.[k] **21** Wena* akufa-
nele umhawukele:[l] Kuyoba uku-
phila ngokuphila,# iso ngeso,
izinyo ngezinyo, isandla ngesa-
ndla, unyawo ngonyawo.[a]

**20** “Uma uya empini uyolwa
nezitha zakho bese ubo-
na ukuthi amahhashi azo, izi-
nqola zempi namabutho azo
kuningi kunokwakho, ungaze-
sabi ngoba uJehova uNku-
lunkulu wakho owakukhipha
ezweni laseGibhithe unawe.[b]
**2** Lapho ususondele empini
umpristi kufanele asondele ku-
bantu akhulume nabo.[c] **3** Ku-
fanele athi kubo, ‘Lalela Israye-
li, senizolwa nezitha zenu. Ni-
ngabi novalo. Ningesabi noma
nethuke noma niqhaqhazele
ngenxa yazo, **4** ngoba uJeho-
va uNkulunkulu wenu uhamba
nani ukuze anilwele ezitheni
zenu anisindise.’[d]

**5** “Izikhulu nazo kufane-
le zithi kubantu, ‘Ubani owa-
khe indlu entsha kodwa onga-
kayivuli? Makabuyele endli-
ni yakhe. Ngaphandle kwalo-
kho angase afe empini bese
indlu ivulwa omunye umu-
ntu. **6** Ubani otshale insimu
yamagilebhisi kodwa ongaka-
qali ukuvuna kuyo? Makaha-
mbe abuyele endlini yakhe.
Ngaphandle kwalokho angase
afe empini bese insimu ivu-
nwa omunye umuntu. **7** Uba-
ni othembise owesifazane um-
shado kodwa ongakamshadi?
Makahambe abuyele endlini ya-
khe.[e] Ngaphandle kwalokho
angase afe empini bese omu-
nye umuntu emshada.’ **8** Izi-
khulu nazo kufanele zibuze
abantu, zithi ‘Ubani owesaba-
yo nonovalo?[f] Kufanele abuye-
le endlini yakhe, ukuze angenzi
abafowabo baphelelwe ama-
ndla njengaye.’*[g] **9** Lapho izi-

**19:13, 21** *NgesiHebheru, “Iso lakho.” **19:15** *NgesiHebheru, “avukele.” #NgesiHebheru, “ngomlomo.” **19:21** #Noma, “umphefumulo ngomphefumulo.”

**20:8** *Noma, “angabangeli ukuba izinhliziyo zabafowabo zincibilike njengenhliziyo yakhe.”

ISAHL. 19
*a* Gen 9:6, Eks 21:12, Num 35:16, Dut 27:24
*b* Lev 24:17, 21, Num 35:33, 2Sa 21:1
*c* Dut 27:17
*d* Num 35:30, Dut 17:6
*e* Mat 18:16, Joh 8:17, 2Ko 13:1, 1Ti 5:19
*f* Eks 23:1, 1Kh 21:13, Mar 14:56
*g* Dut 17:8, 9
*h* Dut 13:14, Dut 17:4, 2Kr 19:6
*i* IzA 19:5
*j* Dut 21:20, 21, Dut 24:7, 1Ko 5:13
*k* Dut 13:11, Dut 17:13, 1Ti 5:20
*l* Dut 19:13

Uhla 2
*a* Eks 21:23-25, Lev 24:20, Mat 5:38

ISAHL. 20
*b* Dut 3:22, Dut 31:6, Hu 20:7, IzA 21:31
*c* Num 31:6
*d* Eks 14:14, Jos 23:10
*e* Dut 24:5
*f* Hlu 7:3
*g* Num 13:33, Num 14:1-3, Num 32:9, Dut 1:28

khulu seziqedile ukukhuluma
nabantu, kufanele zimise izi-
nduna zamabutho ezizohola
abantu.
**10** “Uma usondela edolo-
bheni oyolwa nalo, kufane-
le ulazise okufanele likwenze
ukuze lenze isivumelwano so-
kuthula.[a] **11** Uma lithi liyafu-
na ukuba nokuthula nawe
bese liyakuvulela, bonke aba-
ntu abatholakala kulo bayoba
ngabakho, ubasebenzise nge-
mpoqo, bakukhonze.[b] **12** Ko-
dwa uma lenqaba ukuba no-
kuthula nawe, esikhundleni
salokho lilwa nawe, kufane-
le ulivimbezele, **13** nakanja-
ni uJehova uNkulunkulu wa-
kho uyolinikela esandleni sa-
kho, kumele ushaye bonke
abesilisa abakulo ngenkemba.
**14** Nokho, abesifazane, izi-
ngane, imfuyo nakho konke
okusedolobheni, yonke impa-
ngo yalo, ungazithathela kona,[c]
futhi uyodla impango yezi-
tha zakho uJehova uNkulunku-
lu wakho akunike yona.[d]
**15** “Yilokho oyokwenza ku-
wo wonke amadolobha akude
kakhulu nawe angeyona ingxe-
nye yamadolobha alezi zizwe
eziseduze. **16** Kodwa emado-
lobheni alezi zizwe, uJeho-
va uNkulunkulu wakho akunika
wona njengefa, akumele ushi-
ye muntu ephila.*[e] **17** Kunalo-
kho kufanele uwabhubhise ngo-
kuphelele amaHeti, ama-Amori,
amaKhanani, amaPherizi, ama-
Hivi namaJebusi,[f] njengoba nje
uJehova uNkulunkulu wakho
ekuyalile; **18** ukuze banganifu-
ndisi ukwenza imikhuba yabo
enengekayo abayenzele onkulu-
nkulu babo, bekonisa kuJehova
uNkulunkulu wakho.[g]

---

**20:16** *Noma, “ushiye noma yini ephila-
yo.”

**19** “Uma uvimbezela idolo-
bha ukuze ulithumbe futhi se-
kuphele izinsuku eziningi ulwa
nalo, akufanele ugawule izihla-
hla zalo ngembazo. Ungadla
kuzo, kodwa akufanele uziga-
wule.[a] Ngoba akufanele uhlase-
le isihlahla njengoba ubunga-
hlasela umuntu. **20** Ungaga-
wula kuphela isihlahla owaziyo
ukuthi asinazo izithelo. Ungasi-
gawula wakhe uthango lokuvi-
mbezela idolobha elilwa nawe,
uze ulehlule.

**21** “Uma kutholakala umu-
ntu ebulewe esigangeni
ezweni uJehova uNkulunkulu
wakho akunika lona ukuba uli-
thathe futhi kungaziwa ukuthi
ubani ombulele, **2** amadoda
amadala akini nabahluleli[b] ku-
fanele baphume bakale ibanga
elisuka esidunjini kuye emado-
lobheni asizungezile. **3** Nge-
mva kwalokho amadoda ama-
dala edolobha eliseduze kakhu-
lu nesidumbu, kufanele atha-
the emhlanjini isithole esi-
ngakaze sisetshenziswe, esi-
ngakaze sidonse ijoka, **4** ama-
doda amadala akulelo dolo-
bha kufanele aholele leso si-
thole esigodini* esigeleza ama-
nzi okungakaze kulinywe noma
kuhlwanyelwe imbewu kuso,
aphule intamo yaleso sithole
kuleso sigodi.[c]
**5** “Abapristi, amaLevi, bayo-
sondela ngoba uJehova uNkulu-
nkulu wakho ubakhethile ukuba
bamkhonze,[d] babusise egame-
ni likaJehova.[e] Bayosho indle-
la okufanele kuxazululwe ngayo
zonke izingxabano eziphathele-
ne nobudlova.[f] **6** Ngemva kwa-
lokho wonke amadoda ama-
dala edolobha aseduze kakhulu
nesidumbu kufanele ageze iza-
ndla zawo[g] phezu kwesithole

---

**21:4** *Noma, “emhosheni.”

**ISAHL. 20**
*a* Jos 11:19
*b* Lev 25:44, 46; Jos 9:22, 27
*c* 2Kr 14:13
*d* Jos 22:8
*e* Jos 6:17; Jos 10:28; Jos 11:11
*f* Dut 7:1
*g* Eks 34:15; Dut 7:4; Jos 23:12, 13; Isay 2:6; 1Ko 5:6; 1Ko 15:33

**Uhla 2**
*a* Neh 9:25

**ISAHL. 21**
*b* Dut 16:18
*c* Num 35:33
*d* Eks 28:1
*e* Num 6:23-27; 1Kr 23:13
*f* Dut 17:8, 9
*g* Hu 26:6; Mat 27:24

esaphulwa intamo esigodini,
**7** futhi kufanele athi, 'Izandla
zethu azizange zilichithe leli
gazi, namehlo ethu awazange
abone lapho lichithwa. **8** O Je-
hova, ungabasoli abantu bakho
obakhululile, u-Israyeli,[a] unga-
vumeli ukuba icala legazi la-
bantu abangenacala lihlale pha-
kathi kwabantu bakho u-Israye-
li.'[b] Khona-ke ngeke babe neca-
la legazi. **9** Uma wenza kanja-
lo uyosusa icala legazi laba-
ntu abangenacala phakathi kwa-
kho ngokwenza okulungile eme-
hlweni kaJehova.

**10** "Uma uya empini uyoku-
lwa nezitha zakho futhi uJe-
hova uNkulunkulu wakho
akunqobele zona, uzithu-
mbe,[c] **11** bese ubona owesi-
fazane omuhle phakathi kwe-
zithunjwa, umthande, ufu-
ne ukumthatha abe umkakho,
**12** ungamletha endlini ya-
kho. Kufanele aphuce ikhanda,
anakekele nezinzipho zakhe,
**13** akhumule ingubo yakhe yo-
kuthunjwa, ahlale endlini ya-
kho. Uyokhalela uyise nonina
inyanga yonke,[d] ngemva kwalo-
kho ungalala naye; uyoba umye-
ni wakhe, yena abe umkakho.
**14** Kodwa uma engakujabulisi,
kufanele umvumele aye noma-
phi[e] lapho ethanda ukuya kho-
na. Kodwa akufanele umthengi-
se noma umphathe ngokhahlo
ngoba usumlulazile kakade.

**15** "Uma indoda inabafa-
zi ababili, kukhona emtha-
nda kakhulu kunomunye* fu-
thi bobabili beyizalele ama-
dodana, indodana eyizibulo
izalwa umfazi ongathandwa,[f]
**16** ngosuku eyonika ngalo
amadodana ayo ifa, ngeke ivu-
nyelwe ukuba iphathe indo-
dana yothandwayo njengezibu-
lo layo esikhundleni sendo-
dana yomfazi ongathandwa
eyizibulo. **17** Kufanele iyibhe-
ke njengezibulo indodana yo-
mfazi ongathandwa ngokuyini-
ka ingxenye ephindwe kabi-
li yakho konke enakho, ngo-
ba ingukuqala kwamandla ayo
okuzala. Ilungelo lobuzibulo li-
ngelayo.[a]

**18** "Uma umuntu enendoda-
na enenkani nedlubulundayo,
engamlaleli uyise noma unina,[b]
futhi beye bazama ukuyilungi-
sa kodwa yangafuna ukubalale-
la,[c] **19** uyise nonina kufanele
bayibambe bayikhiphele ema-
dodeni amadala esangweni le-
ndawo yakubo **20** bathi ema-
dodeni amadala edolobha laku-
bo, 'Le ndodana yethu inenka-
ni futhi iyadlubulunda, ayifu-
ni ukusilalela. Iyisiminzi[d] futhi
iyisidakwa.'[e] **21** Wonke ama-
doda edolobha lakubo kume-
le ayishaye ngamatshe ize ife.
Kumele ususe okubi phakathi
kwakho futhi wonke u-Israyeli
uyozwa ngakho esabe.[f]

**22** "Uma umuntu enze iso-
no esifanelwe ukufa, wabula-
wa,[g] wamlengisa esigxotsheni,[h]
**23** isidumbu sakhe akufanele
sihlale ubusuku bonke esigxo-
tsheni.[i] Kunalokho, kufanele
nakanjani umngcwabe ngalolo
suku ngoba umuntu olengisiwe
uqalekiswe uNkulunkulu,[j] futhi
akufanele ungcolise izwe uJe-
hova uNkulunkulu wakho aku-
nika lona njengefa.[k]

**22** "Uma ubona inkomo yo-
mfowenu noma imvu ya-
khe inhlanhlatha, ungayizibi.[l]
Kufanele nakanjani uyibuyise-
le kumfowenu. **2** Kodwa uma
umfowenu ehlala kude nawe
noma ungamazi, kufanele usi-
lethe emzini wakho leso si-
lwane, sihlale nawe kuze

**21:15** *NgesiHebheru, "inabafazi ababili, omunye ethandwa, omunye ezondwa."

**ISAHL. 21**
*a* 2Sa 7:23
*b* Isay 26:21; Jer 26:15
*c* Num 31:9; Dut 20:13, 14
*d* Num 20:29; Dut 34:8
*e* Dut 24:1
*f* Gen 29:30, 33

**Uhla 2**
*a* Gen 25:31; 2Kr 21:3
*b* Eks 20:12; Dut 27:16; IzA 1:8; Efe 6:1
*c* Dut 8:5; IzA 13:24; IzA 19:18; IzA 23:13; Heb 12:9
*d* IzA 28:7
*e* Rom 13:13; 1Ko 6:10; Efe 5:18
*f* Dut 13:10, 11
*g* Num 25:5
*h* Jos 10:26; IzE 10:39
*i* Jos 8:29; Joh 19:31
*j* Gal 3:13
*k* Num 35:34

**ISAHL. 22**
*l* Eks 23:4

kube yilapho umfowenu esifu-
na. Khona-ke kufanele usibu-
yisele kuye.[a] **3** Yilokho okufa-
nele ukwenze ngembongolo ya-
khe, ngengubo yakhe, nanga-
noma yini elahlekele umfowe-
nu wena wayithola. Akumele
ukuzibe.
**4** “Uma ubona imbongolo
yomfowenu noma inkomo ya-
khe iwa endleleni, akumele uyi-
zibe. Kufanele nakanjani umsi-
ze ivuswe.[b]
**5** “Owesifazane akumele
agqoke izingubo zabesilisa, ne-
ndoda akufanele igqoke izingu-
bo zabesifazane; ngoba noma
ubani owenza kanjalo uyane-
ngeka kuJehova uNkulunkulu
wakho.
**6** “Uma ubona isidleke se-
nyoni endleleni, sinamaphu-
phu noma amaqanda, kungaba
sesihlahleni noma phansi fu-
thi unina efukamela amaphu-
phu noma amaqanda, akume-
le uthathe unina kanye nama-
phuphu.[c] **7** Kufanele umdede-
le unina ahambe, kodwa unga-
zithathela amaphuphu. Yenza
lokhu ukuze kukuhambele ka-
hle, uphile isikhathi eside.
**8** “Uma wakha indlu, ku-
mele wenzele nophahla lwa-
kho udonga olufushane,[d] uku-
ze ungalethi icala legazi endli-
ni yakho ngoba umuntu ewe
kuyo.
**9** “Ungayitshali insimu ya-
kho yamagilebhisi ngezinhlobo
ezimbili zembewu.[e] Ngale kwa-
lokho, yonke into evela kuleyo
mbewu kanye nesivuno sensi-
mu yamagilebhisi kuyonikelwa
endlini engcwele.
**10** “Lapho ulima ungabophe-
li inkabi kanye nembongolo.[f]
**11** “Ungagqoki ingubo eye-
nziwe ngoboya obuxutshwe ne-
lineni.[g]
**12** “Kufanele uzenzele izi-
nsephe emiphethweni yomine
yengubo oyigqokayo.[a]
**13** “Uma indoda ithatha
umfazi, ilale naye bese kamuva
imzonda,* **14** imsole ngokuzi-
phatha kabi imenzele igama
elibi, ithi: ‘Ngishade nalona
wesifazane, kodwa ngesikha-
thi ngilala naye angibuthola-
nga ubufakazi bokuthi uyi-
ntombi nto,’ **15** uyise noni-
na wentombazane kufanele ba-
vezele amadoda amadala esa-
ngweni ledolobha ubufakazi
bobuntombi bale ntombazane.
**16** Uyise wentombazane ku-
mele athi emadodeni amada-
la, ‘Ngaganisela lo muntu indo-
dakazi yami, kodwa useyayizo-
nda,* **17** uyisola ngokuzipha-
tha kabi, uthi: “Angibutholanga
ubufakazi bokuthi indodakazi
yakho iyintombi nto.” Manje
nabu ubufakazi bobuntombi
bendodakazi yami.’ Bayobe se-
bendlala ingubo yokulala ewu-
bufakazi phambi kwamadoda
amadala edolobha. **18** Ama-
doda amadala alelo dolobha[b]
ayothatha lowo muntu amje-
zise.[c] **19** Ayomhlawulisa ama-
shekeli* esiliva angu-100 awani-
ke uyise wentombazane, ngoba
lo muntu uhlambalaze intombi
yakwa-Israyeli[d] futhi iyoqhube-
ka ingumkakhe. Ngeke avunye-
lwe ukuba adivose nayo uku-
phila kwakhe konke.
**20** “Nokho, uma lokho ema-
ngalelwa ngakho kuyiqiniso fu-
thi bungekho ubufakazi bo-
kuthi intombazane ibiyintombi
nto, **21** kufanele bakhiphele
le ntombazane emnyango we-
ndlu kayise, amadoda edolo-
bha lakubo kufanele ayishaye

**22:13** *Noma, “imlahla.” **22:16** *Noma, “useyayilahla.” **22:19** *Isheke-li lalilingana no-11,4 g. Bheka iSithasiselo B14.

ISAHL. 22
a Mat 7:12
b Eks 23:5, Lev 19:18, Luk 10:27, Gal 6:10
c Lev 22:28, Hu 145:9, IzA 12:10, Mat 10:29
d 2Sa 11:2, IzE 10:9
e Lev 19:19
f IzA 12:10
g Lev 19:19

Uhla 2
a Num 15:38, Mat 23:2, 5
b Eks 18:21, Dut 1:13, Dut 16:18
c Dut 25:2, IzA 10:13, IzA 19:29
d Mal 2:16

ngamatshe ize ife ngoba yenze
ihlazo[a] kwa-Israyeli ngokwenza
ubufebe* endlini kayise.[b] Ku-
mele ususe okubi phakathi
kwakho.[c]

**22** “Uma kutholakala indo-
da ilele nowesifazane ongumfa-
zi wenye indoda, bobabili ku-
mele bafe kanyekanye, indo-
da elale nalona wesifazane ka-
nye naye owesifazane.[d] Kume-
le ususe okubi kwa-Israyeli.

**23** “Uma intombi iyingodu-
so, bese enye indoda ihlanga-
na nayo edolobheni, ilale nayo,
**24** kufanele bobabili nibakhi-
phele esangweni lalelo dolo-
bha nibashaye ngamatshe baze
bafe, intombazane ngesizathu
sokuthi ayizange imemeze edo-
lobheni, nendoda ngesizathu
sokuthi ilulaze umfazi womu-
ntu wakubo.[e] Kumele ususe
okubi phakathi kwakho.

**25** “Nokho, uma le ndoda
ihlangane nayo endle le
ntombazane eyingoduso, fu-
thi le ndoda yayiphoqa yala-
la nayo, indoda elale nayo ku-
mele ife yodwa, **26** ungayenzi
lutho intombazane. Ayenzanga
sono esiyenza ifanelwe ukufa.
Le ndaba iyafana nalapho umu-
ntu ehlasela umuntu wakubo
ambulale.[f] **27** Ngoba ihlanga-
ne nayo endle futhi intombaza-
ne eyingoduso imemezile, ko-
dwa bekungekho muntu ozoyi-
siza.

**28** “Uma indoda ihlangana
nentombazane eyintombi nto,
engeyona ingoduso, iyibambe
ilale nayo futhi batholakale,[g]
**29** indoda elale nayo kume-
le inike uyise wentombaza-
ne amashekeli esiliva angu-50,
yona ibe umkayo.[h] Ngenxa yo-
kuthi iyilulazile, ngeke ivunye-
lwe ukuba iyidivose ukuphila
kwayo konke.

**30** “Akukho muntu okufane-
le athathe umkayise, ukuze
angatheli uyise ngehlazo.*[a]

**23** “Akukho ndoda ethenwe
ngokuchotshozwa ama-
sende noma enqunywe isi-
tho sayo sangasese engangena
ebandleni likaJehova.[b]

**2** “Akukho ndodana engu-
mlanjwana* engangena eba-
ndleni likaJehova.[c] Ngisho na-
sesizukulwaneni seshumi ake-
kho enzalweni yayo ongangena
ebandleni likaJehova.

**3** “Akekho umAmoni noma
umMowabi ongangena ebandle-
ni likaJehova.[d] Ngisho nasesi-
zukulwaneni seshumi, akekho
enzalweni yabo ongalokotha
angene ebandleni likaJehova,
**4** ngenxa yokuthi abazange ba-
nisize ngesinkwa nangama-
nzi ngesikhathi niphuma eGi-
bhithe,[e] nangenxa yokuthi ba-
niqashela uBhalami indodana
kaBheyori wasePethori eMeso-
phothamiya ukuba aniqaleki-
se.[f] **5** Kodwa uJehova uNku-
lunkulu wakho wenqaba ukula-
lela uBhalami.[g] Kunalokho uJe-
hova uNkulunkulu wakho wa-
shintsha isiqalekiso saba isibu-
siso ngenxa yakho,[h] ngoba uJe-
hova uNkulunkulu wakho eku-
thanda.[i] **6** Kukho konke uku-
phila kwakho akufanele nanini
wenze noma yini ezuzisa bona.[j]

**7** “Ungamzondi umEdomi,
ngoba ungumfowenu.[k]

“Ungamzondi umGibhithe,
ngoba waba isifiki ezweni la-
khe.[l] **8** Abantwana babo be-
sizukulwane sesithathu banga-
ngena ebandleni likaJehova.

**9** “Lapho umise amate-
nde ukuze ulwe nezitha za-

ISAHL. 22
a Heb 13:4
b Lev 21:9
c Lev 11:45; 1Ko 5:13
d Gen 20:3; Eks 20:14; Lev 20:10; 1Ko 6:9, 10; 1Ko 6:18
e Lev 20:10; Dut 5:18; 1Th 4:3, 6; Heb 13:4
f Gen 4:8; Num 35:20, 21; Jak 2:11
g Gen 34:2, 5
h Gen 34:11, 12; Eks 22:16

Uhla 2
a Lev 18:8; Lev 20:11; Dut 27:20; 1Ko 5:1

ISAHL. 23
b Lev 21:18, 20; Isay 56:4, 5
c Eks 20:14; Lev 20:10
d Neh 13:1, 2
e Hlu 11:18
f Num 22:6; Jos 24:9
g Num 22:35
h Num 23:11, 25; Num 24:10
i Dut 7:7, 8
j 2Sa 8:2; 2Sa 12:31
k Gen 25:25, 26; Gen 36:1; Num 20:14
l Gen 46:6; Lev 19:34; Hu 105:23

**22:21** *Noma, “ngokuziphatha kabi ngokuya ocansini.”

**22:30** *NgesiHebheru, “angembuli ingubo kayise.” **23:2** *Okuwukuthi, ingane engazalelwanga emshadweni.

kho, kufanele ugweme noma
yini embi.*[a] **10** Uma umuntu
engcola ngenxa yesidoda esi-
phuma ebusuku,[b] kufanele
aphumele ngaphandle kweka-
mu angabe esabuya. **11** Nta-
mbama, kufanele ageze nga-
manzi, usengabuyela ekamu la-
pho ilanga lishona.[c] **12** Kufa-
nele kube nendawo yangase-
se* engasetshenziswa ngapha-
ndle kwekamu, yilapho okufa-
nele uzikhulule khona. **13** Ku-
fanele kube khona isimbo pha-
kathi kwamathuluzi akho. La-
pho uqoshama ukuze uzikhulu-
le, kufanele umbe ngaso umgo-
di bese ugqiba indle yakho.
**14** Ngoba uJehova uNkulunku-
lu wakho uhambahamba pha-
kathi kwekamu lakho[d] ukuze
akukhulule futhi anikele izi-
tha zakho kuwe, ikamu lakho
kumele libe ngcwele[e] ukuze
angaboni lutho olumnyanyisa-
yo kuwe, angabe esahambisa-
na nawe.

**15** "Ungasinikeli isigqila
enkosini yaso lapho sibale-
ka enkosini yaso siza kuwe.
**16** Singahlala phakathi kwa-
kho kunoma iyiphi indawo esi-
yikhethayo kwelinye lamadolo-
bha akini, nomaphi lapho si-
thanda khona. Akumele usi-
phathe kabi.[f]

**17** "Akukho ndodakazi ka-
Israyeli okufanele ibe isife-
be sasethempelini,[g] futhi aku-
kho ndodana ka-Israyeli okufa-
nele ibe isifebe sasethempeli-
ni.[h] **18** Akumele ulethe imali
ekhokhelwe owesifazane oyisi-
febe noma ekhokhelwe* owesi-
lisa oyisifebe# endlini kaJeho-
va uNkulunkulu wakho ukuze
ugcwalise isifungo, ngoba bo-
babili bayanengeka kuJehova
uNkulunkulu wakho.

**19** "Akumele ukhokhise
umfowenu inzalo,[a] kunga-
ba inzalo ngemali, ngoku-
dla, noma nganoma yini umu-
ntu angase abize inzalo kuyo.
**20** Ungasikhokhisa isifiki inza-
lo,[b] kodwa akumele ukhokhise
umfowenu inzalo,[c] ukuze uJe-
hova uNkulunkulu wakho aku-
busise kukho konke okwenza-
yo ezweni oyolidla.[d]

**21** "Uma wenza isifungo ku-
Jehova uNkulunkulu wakho,[e]
ungephuzi ukusigcwalisa.[f] Ngo-
ba nakanjani uJehova uNkulu-
nkulu wakho uyosifuna kuwe;
ngaphandle kwalokho uyobe
wenze isono.[g] **22** Kodwa uma
ungasenzi isifungo, ngeke ube
nesono.[h] **23** Kufanele uwagci-
ne amazwi aphuma emlonye-
ni wakho,[i] kumele wenze lokho
okufunge ngomlomo wakho
wathi kuzoba umnikelo woku-
zithandela kuJehova uNkulu-
nkulu wakho.[j]

**24** "Uma ungena ensimini
yamagilebhisi kamakhelwane
wakho, ungawadla amagilebhi-
si uze usuthe, kodwa akufane-
le kube khona owafaka esitshe-
ni sakho.[k]

**25** "Uma ungena ensimini
kamakhelwane wakho yokudla
okusanhlamvu okusesezinhla-
ngeni, ungazikha izixha ezivu-
thiwe, kodwa akufanele ufake
isikela ekudleni kwakhe okusa-
nhlamvu.[l]

**24** "Uma indoda ishada owe-
sifazane kodwa ingasa-
mfuni ngoba ithole okuthi-
le okuyihlazo kuye, kumele
imbhalele isitifiketi sedivo-
si,[m] imnike sona bese imxo-
sha endlini yayo.[n] **2** Uma ese-
hambile endlini yayo, angaba
umfazi wenye indoda.[o] **3** Uma

---

23:9 *Noma, "engcolisayo." 23:12 *Okuwukuthi, umgodi wendlu yangasese. 23:18 *Noma, "umholo." #NgesiHebheru, "inja."

---

ISAHL. 23
a 1Sa 21:5; 2Sa 11:11
b Lev 15:16
c Lev 15:31
d Lev 26:12
e 1Pe 1:16
f Eks 22:21
g Lev 19:29; Lev 21:9
h 1Kh 14:24; 2Kh 23:7

Uhla 2
a Eks 22:25; Lev 25:36, 37; Neh 5:10; Hu 15:5
b Dut 15:6
c IzA 28:8
d Dut 15:4; Dut 15:7, 10; IzA 19:17; Luk 6:34, 35
e Hlu 11:30, 31; 1Sa 1:11
f Jon 2:9
g Shu 5:4, 6
h Shu 5:5
i Num 30:2; Hu 15:4; IzA 20:25
j Hlu 11:35; 1Sa 14:24; Mat 5:33
k Mat 6:11; Rom 13:10
l Mat 12:1; Luk 6:1

ISAHL. 24
m Mat 5:31, 32; Mar 10:4, 11
n Mal 2:16; Mat 1:19; Mat 19:3-8
o Lev 21:7

le ndoda yesibili isimzonda* bese imbhalela isitifiketi sedivosi, imnike sona bese imxosha endlini yayo noma uma le ndoda yesibili emshadile ishona, **4** umyeni wakhe wokuqala owamxosha ngeke avunyelwe ukuba aphinde amthathe abe umkakhe ngemva kokuba engcolisiwe, ngoba lokho kuyinto enengekayo kuJehova. Akumele ulethe isono ezweni uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona njengefa.

**5** "Indoda esanda kushada akufanele iye empini noma inikwe eminye imisebenzi. Kufanele ikhululeke unyaka owodwa, ihlale ekhaya ijabulise umkayo.[a]

**6** "Akekho okufanele athathe itshe lokugaya noma imbokodo yalo njengesibambiso,[b] ngoba uyobe ethatha into umuntu aphila ngayo* ayenze isibambiso.

**7** "Uma kutholakala ukuthi othile uthumbe omunye wabafowabo ongumIsrayeli wamphatha kabi futhi wamthengisa,[c] omthumbile kumele afe.[d] Kufanele ususe okubi phakathi kwakho.[e]

**8** "Lapho kuqubuka isifo sochoko,* kufanele uqikelele ukuthi wenza ngokuvumelana nakho konke abapristi abangamaLevi abayokuyala ngakho.[f] Qikelela ukuthi wenza njengoba nje ngibayalile. **9** Khumbula lokho uJehova uNkulunkulu wakho akwenza kuMiriyamu endleleni lapho uphuma eGibhithe.[g]

**10** "Uma ubolekisa nganoma yini kumakhelwane wakho,[a] akumele ungene endlini yakhe uyozithathela isibambiso. **11** Kufanele ume ngaphandle, umuntu omboleke okuthile kufanele akulethele ngaphandle isibambiso akunika sona. **12** Uma lo muntu ehluphekile, akumele uze ulale isibambiso sakhe sisekuwe.[b] **13** Kufanele nakanjani ubuyisele isibambiso sakhe kuye ngokushesha nje lapho ilanga lishona futhi uzolala ngengubo yakhe,[c] akubusise; kuyoba ukulunga kuwe phambi kukaJehova uNkulunkulu wakho.

**14** "Akumele uphambe isisebenzi esintulayo noma esihluphekayo, kungakhathaliseki ukuthi singomunye wabafowenu noma isifiki ezweni lakini, emadolobheni* akho.[d] **15** Kufanele usiholele ngalo lolo suku,[e] lingakashoni ilanga, ngoba sihluphekile futhi sithembele kulo mholo ukuze siphile. Kungenjalo, siyokhala ngawe kuJehova, wena ube nesono.[f]

**16** "Obaba akufanele babulawe ngenxa yezenzo zabantwana babo, nabantwana akufanele babulawe ngenxa yezenzo zoyise.[g] Umuntu kufanele abulawelwe isono sakhe kuphela.[h]

**17** "Ungahluleli oyisifiki noma intandane* ngokungenabulungisa[i] futhi akumele uthathe ingubo yomfelokazi ibe isibambiso.[j] **18** Khumbula ukuthi waba isigqila eGibhithe, uJehova uNkulunkulu wakho wakukhulula lapho.[k] Yingakho ngikuyala ukuba wenze lokhu.

**19** "Uma uvuna ensimini yakho bese ukhohlwa isithungo,

**ISAHL. 24**
*a* Dut 20:7; IzA 5:18; Shu 9:9
*b* Eks 22:26, 27
*c* Gen 37:28; Gen 40:15
*d* Eks 21:16
*e* Dut 19:18, 19; Dut 21:20, 21
*f* Lev 13:2, 15; Mar 1:44; Luk 17:14
*g* Num 12:10, 15

**Uhla 2**
*a* Dut 15:7, 8; IzA 3:27
*b* Job 24:9, 10
*c* Eks 22:26, 27
*d* Lev 25:39, 43; IzA 14:31
*e* Lev 19:13; Jer 22:13; Mat 20:8
*f* IzA 22:22, 23; Jak 5:4
*g* 2Kr 25:3, 4
*h* Hez 18:20
*i* Eks 22:21, 22
*j* Eks 22:26, 27
*k* Dut 5:15

**24:3** *Noma, "isimlahla." **24:6** *Noma, "ethatha ukuphila; ethatha umphefumulo." **24:8** *Igama lesiHebheru elihunyushwe ngokuthi "uchoko" linencazelo ebanzi futhi lingahlanganisa izifo zesikhumba ezihlukahlukene ezithathelwanayo. Zingahlanganisa nezifo ezithile ezitholakala ezingutsheni nasezindlini.

**24:14** *NgesiHebheru, "emasangweni."
**24:17** *Noma, "ingane engenababa."

ungaphindeli emuva uyosila-
nda. Kufanele sisalele isifiki,
intandane nomfelokazi,[a] ukuze
uJehova uNkulunkulu wakho
akubusise kukho konke okwe-
nzayo.[b]
**20** “Uma uvuthuza umnqu-
mo wakho, akufanele uvuthu-
ze okwesibili emagatsheni awo.
Okusele kufanele kusalele isifi-
ki, intandane nomfelokazi.[c]
**21** “Uma ubutha amagile-
bhisi ensimini yakho, akume-
le ubuyele uyobutha asele. Ku-
fanele asalele isifiki, intanda-
ne nomfelokazi. **22** Khumbu-
la ukuthi waba isigqila ezwe-
ni laseGibhithe. Yingakho ngi-
kuyala ukuba wenze lokhu.

**25** “Lapho kuvela ingxaba-
no phakathi kwabantu,
bangaya phambi kwabahluleli,[d]
bona bayobahlulela, bathi olu-
ngile akanacala nomubi ba-
mlahle ngecala.[e] **2** Uma omu-
bi kufanele ashaywe,[f] uma-
hluleli uyoyala ukuba alaliswe
abheke phansi, ashaywe pha-
mbi kwakhe. Imivimbo kufane-
le ihambisane nobubi abenzi-
le. **3** Angamshaya imivimbo
egcina kwengu-40,[g] angeqi la-
pho. Uma engaqhubeka emsha-
ya imivimbo engaphezu kwale,
umfowenu uyohlazeka phambi
kwakho.
**4** “Ungayivali umlomo nge-
sifonyo inkabi lapho ibhula
ukudla okusanhlamvu.[h]
**5** “Uma izelamani zihlala
ndawonye bese esinye sazo
sifa singakabi nandodana,
umkamufi akufanele ashade
nomuntu ongeyena owomnde-
ni. Umfowabo womyeni wa-
khe kufanele aye kuye, amtha-
the abe umkakhe, amngene.[i]
**6** Izibulo ayolizala liyoqhube-
kisela phambili igama lomfowa-
bo ofile,[j] ukuze igama lakhe li-
ngapheli kwa-Israyeli.[k]
**7** “Uma lo muntu engafuni
ukushada umfelokazi womfo-
wabo, umfelokazi womfowabo
kufanele aye emadodeni ama-
dala esangweni ledolobha afi-
ke athi, ‘Umfowabo womye-
ni wami wenqabile ukulondolo-
za igama lomfowabo kwa-Isra-
yeli. Akavumanga ukungene-
na.’ **8** Amadoda amadala edo-
lobha lakubo kumele ambize
akhulume naye. Uma ephikele-
la ethi, ‘Angifuni ukumsha-
da,’ **9** umfelokazi womfowa-
bo kufanele aye kuye pha-
mbi kwamadoda amadala, am-
khumule imbadada onyaweni
lwakhe,[a] amkhafulele ebuswe-
ni, athi, ‘Yilokhu okufanele
kwenziwe kumuntu ongafu-
ni ukwakha indlu yomfowabo.’
**10** Ngemva kwalokho igama
lomndeni wakhe* kwa-Israye-
li liyokwaziwa ngokuthi ‘Indlu
yalowo owakhunyulwa imbada-
da.’
**11** “Uma amadoda amabi-
li elwa, umfazi wenye angene-
le ukuze avikele umyeni wakhe
kulowo omshayayo, bese owe-
sifazane elula isandla amba-
mbe ngesitho sakhe sangase-
se, **12** kumele usinqume isa-
ndla sakhe. Wena* akufanele
umdabukele.
**13** “Esikhwameni sakho aku-
mele kube namatshe anesisindo
esingafani,[b] elikhulu nelincane.
**14** Endlini yakho akumele
ube nezitsha zokukala*
ezingafani,[c] esikhulu nesi-
ncane. **15** Kufanele uqhubeke
unesisindo esinembile nesinga-
shintshashintshi kanye nesi-
kali esinembile nesingashi-
ntshashintshi, ukuze uphile isi-
khathi eside ezweni uJehova

**25:10** *NgesiHebheru, “igama lakhe.”
**25:12** *NgesiHebheru, “Iso lakho.”
**25:14** *NgesiHebheru, “ube ne-efa ne-efa.” Bheka iSithasiselo B14.

**ISAHL. 24**
*a* Lev 19:9; Lev 23:22; Rut 2:16; Hu 41:1
*b* Dut 15:7, 10; IzA 11:24; IzA 19:17; Luk 6:38; 2Ko 9:6; 1Jo 3:17
*c* Lev 19:10; Dut 26:13

**ISAHL. 25**
*d* Dut 16:18; Dut 17:8, 9; Dut 19:16, 17
*e* Eks 23:6; 2Kr 19:6; IzA 17:15; IzA 31:9
*f* IzA 10:13; IzA 20:30; IzA 26:3; Luk 12:48; Heb 2:2
*g* 2Ko 11:24
*h* IzA 12:10; 1Ko 9:9; 1Ti 5:18
*i* Gen 38:7, 8; Rut 4:5; Mar 12:19
*j* Gen 38:9; Rut 4:10, 17
*k* Num 27:1, 4

**Uhla 2**
*a* Rut 4:7
*b* IzA 11:1; IzA 20:10; Mik 6:11
*c* Lev 19:36

uNkulunkulu wakho akunika
lona.[a] **16** Ngoba wonke umu-
ntu ongenabulungisa owenza
lezi zinto uyanengeka kuJehova
uNkulunkulu wakho.[b]

**17** "Khumbula lokho u-Ama-
leki akwenza kuwe endlele-
ni lapho niphuma eGibhithe,[c]
**18** indlela akuhlangabeza nga-
yo endleleni wahlasela bonke
ababekulandela lapho usuphe-
le amandla futhi ukhathele.
Akamesabanga uNkulunkulu.
**19** Lapho uJehova uNkulunku-
lu wakho esekuphumuzile kuzo
zonke izitha zakho ezikuzunge-
zile ezweni uJehova uNkulu-
nkulu wakho akunika lona
njengefa ukuba ulidle,[d] kufa-
nele wenze ukuba u-Amaleki
angaphinde akhunjulwe phansi
kwamazulu.[e] Ungakhohlwa.

**26** "Lapho ekugcineni unge-
na ezweni uJehova
uNkulunkulu wakho akuni-
ka lona njengefa, usulithathi-
le usuhlala kulo, **2** ubothatha
omunye womkhiqizo wokuqala
kukho konke okukhiqizwe*
umhlabathi oyokubutha ezwe-
ni lakho uJehova uNkulunku-
lu wakho akunika lona, uwu-
fake kubhasikidi uye endawe-
ni uJehova uNkulunkulu wa-
kho akhetha ukuba igama la-
khe lihlale kuyo.[f] **3** Kumele
uye kumpristi oyobe ekhonza
ngalezo zinsuku uthi kuye, 'Na-
muhla ngibika kuJehova uNku-
lunkulu wakho ukuthi ngi-
ngenile ezweni uJehova afu-
nga kokhokho bethu ukusinika
lona.'[g]

**4** "Umpristi uzobe esetha-
tha ubhasikidi esandleni sa-
kho awubeke phambi kwe-
altare likaJehova uNkulunkulu
wakho. **5** Kumele ukhulume
phambi kukaJehova uNkulu-
nkulu wakho, uthi, 'Ubaba wa-
yengumAramu ozulazulayo*[a]
futhi wehlela eGibhithe[b] wa-
hlala khona njengesifiki, enom-
ndeni onabantu abambalwa.[c]
Kodwa wafika lapho waba isi-
zwe esikhulu, esinamandla ne-
sinabantu abaningi.[d] **6** Aba-
seGibhithe basiphatha kabi,
basicindezela, basigqilaza nge-
sihluku.[e] **7** Ngenxa yalokho
saqala ukukhala kuJehova,
uNkulunkulu wokhokho be-
thu, uJehova walizwa izwi le-
thu wakubona ukuhlupheka
kwethu, ukukhathazeka kwe-
thu nokucindezelwa kwethu.[f]
**8** Ekugcineni uJehova wasi-
khipha eGibhithe ngamandla
amakhulu[g] nangezenzo ezesa-
bekayo nangezibonakaliso ne-
zimangaliso.[h] **9** Wabe esesile-
tha kule ndawo wasinika leli
zwe, izwe eligeleza ubisi noju.[i]
**10** Manje ngilethe umkhiqizo
wokuqala womhlabathi uJeho-
va anginike wona.'[j]

"Kumele uwubeke phambi
kukaJehova uNkulunkulu wa-
kho, ukhothame phambi ku-
kaJehova uNkulunkulu wakho.
**11** Uyobe usujabula ngakho
konke okuhle uJehova uNku-
lunkulu wakho akunike kona,
wena nendlu yakho, wena nom-
Levi nesifiki esiphakathi kwa-
kho.[k]

**12** "Lapho uqeda ukukhipha
konke okweshumi[l] komkhiqi-
zo wakho ngonyaka wesitha-
thu, unyaka wokweshumi, uyo-
kunika umLevi, isifiki, intanda-
ne* nomfelokazi, bayodla ba-
suthe ngaphakathi kwamado-
lobha# akho.[m] **13** Uyothi pha-
mbi kukaJehova uNkulunku-
lu wakho, 'Ngikukhiphe konke

---

**26:2** *NgesiHebheru, "kuzo zonke izithelo ezikhiqizwe."

**26:5** *Noma kungaba, "oshabalalayo."
**26:12** *Noma, "ingane engenababa." #NgesiHebheru, "kwamasango."

ISAHL. 25
a Dut 4:40
b Lev 19:35
c Eks 17:8; Num 24:20
d Jos 22:4
e Eks 17:14; 1Sa 14:47, 48; 1Sa 15:1-3; 1Kr 4:42, 43

ISAHL. 26
f Eks 23:19; Lev 23:10; Num 18:8, 12; 2Kr 6:6; 2Kr 31:5; IzA 3:9
g Gen 17:1, 8; Gen 26:3

Uhla 2
a Gen 28:5; Hos 12:12
b Gen 46:3; IzE 7:15
c Gen 46:27
d Eks 1:7; Dut 10:22; Hu 105:24
e Eks 1:11
f Eks 3:9; Eks 4:31; IzE 7:34
g Eks 6:6
h Eks 7:3; Dut 4:33, 34
i Eks 3:8; Dut 8:7, 8; Hez 20:6
j Dut 26:2
k Dut 12:7; Dut 16:14
l Dut 12:5, 6; Dut 14:22
m Dut 14:28, 29; IzA 14:21; 1Jo 3:17

okungcwele endlini yami nga-
kunika umLevi, isifiki, intanda-
ne nomfelokazi,[a] njengoba nje
ungiyalile. Angizange ngiye-
qe imiyalo yakho noma ngi-
ngayinaki. **14** Angizange ngi-
dle lutho kukho ngesikhathi
ngisalila noma ngisuse oku-
thile kukho lapho ngingcoli-
le noma ngikunikelele umuntu
ofile. Ngililalelile izwi likaJe-
hova uNkulunkulu wami, nge-
nza konke ongiyale ngakho.
**15** Manje bheka phansi use-
ndaweni yakho engcwele, ema-
zulwini, ubusise abantu bakho
u-Israyeli nezwe osinike lona,[b]
njengoba nje wafunga kokho-
kho bethu,[c] izwe eligeleza ubi-
si noju.’[d]

**16** “Ngalolu suku uJeho-
va uNkulunkulu wakho uyaku-
yala ukuba ufeze lezi ziqo-
ndiso nezinqumo zokwahlulela.
Kumele uzigcine futhi uzifeze
ngayo yonke inhliziyo yakho[e]
nangawo wonke umphefumu-
lo* wakho. **17** Namuhla utho-
le izwi elivela kuJehova loku-
thi uyoba uNkulunkulu wa-
kho lapho uhamba ezindlele-
ni zakhe, ugcina iziqondiso za-
khe,[f] imiyalo yakhe[g] nezinqu-
mo zakhe zokwahlulela[h] nala-
pho ulalela izwi lakhe. **18** Na-
muhla uJehova uthole izwi eli-
vela kuwe lokuthi uyoba isizwe
sakhe, impahla yakhe ekhethe-
kile,*[i] njengoba nje ekuthembi-
sile, nokuthi uyoyigcina yonke
imiyalo yakhe, **19** futhi uNku-
lunkulu uthe uyokuphakamisa
ngaphezu kwazo zonke ezinye
izizwe azenzile,[j] akudumise,
akwenze waziwe, akunike ne-
nkazimulo uma ubonisa ukuthi
uyisizwe esingcwele kuJehova
uNkulunkulu wakho,[k] njengoba
nje ethembisile.”

**26:16** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **26:18** *Noma, “eyigugu.”

**ISAHL. 26**
*a* Jak 1:27
*b* Eks 23:25
*c* Gen 15:18, Gen 26:3
*d* Dut 8:7, 8
*e* Dut 6:6, Dut 11:1, Hu 119:34, 1Jo 5:3
*f* Lev 26:46
*g* Shu 12:13
*h* Lev 19:37
*i* Dut 14:2, Dut 29:10-13
*j* Dut 4:8
*k* Dut 7:6, Dut 28:1, 9

**Uhla 2**

**ISAHL. 27**
*a* Jos 8:30-32
*b* Num 13:26, 27
*c* Dut 11:29
*d* Eks 20:25
*e* Lev 3:1
*f* Lev 7:15
*g* Dut 12:7
*h* Eks 24:12
*i* Eks 19:5, Dut 26:18
*j* 1Kh 2:3, Mat 19:17, 1Jo 5:3

**27** UMose ekanye namado-
da amadala akwa-Israyeli
wayala abantu, wathi: “Gcinani
yonke imiyalo engininika yona
namuhla. **2** Ngosuku eniyo-
wela ngalo iJordani ningene
ezweni uJehova uNkulunkulu
wenu aninika lona, kufanele ni-
mise amatshe amakhulu niwa-
cake.*[a] **3** Ngemva kwalokho
nibhale kuwo wonke amazwi
alo Mthetho lapho seniwelile,
ukuze ningene ezweni uJeho-
va uNkulunkulu wenu aninika
lona, izwe eligeleza ubisi noju,
njengoba nje uJehova, uNkulu-
nkulu wokhokho benu, enithe-
mbisile.[b] **4** Lapho seniliwelile
iJordani, kufanele nimise la
matshe eNtabeni i-Ebhali,[c] ni-
wacake,* njengoba nje ngini-
yala namuhla. **5** Kufanele na-
khele uJehova uNkulunkulu
wenu i-altare lapho, i-altare la-
matshe. Akufanele nisebenzi-
se amathuluzi ensimbi ku-
lawo matshe.[d] **6** Kufanele na-
khe i-altare likaJehova uNkulu-
nkulu wenu ngamatshe aphele-
le, ninikele kulo iminikelo eshi-
swayo eya kuJehova uNkulu-
nkulu wenu. **7** Kufanele nini-
kele imihlatshelo ehlanganye-
lwayo[e] niyidlele khona,[f] nijabu-
le phambi kukaJehova uNku-
lunkulu wenu.[g] **8** Wonke ama-
zwi alo Mthetho kumele ni-
wabhale ngokucacile kula ma-
tshe.”[h]

**9** UMose nabapristi abanga-
maLevi babe sebekhuluma
nawo wonke u-Israyeli, bathi: “O
Israyeli, thula ulalele. Namuhla
ube yisizwe sikaJehova uNkulu-
nkulu wakho.[i] **10** Kumele ula-
lele izwi likaJehova uNkulunku-
lu wakho, ufeze nemiyalo ya-
khe[j] neziqondiso zakhe engiku-
yala ngazo namhlanje.”

**27:2, 4** *Noma, “niwacake ngomcako.”

**11** Ngalolo suku uMose wa-
yala abantu, wathi: **12** "Izizwe
ezilandelayo ziyokuma eNtabe-
ni iGerizimu[a] zibusise abantu
lapho seniwele iJordani: USi-
meyoni, uLevi, uJuda, u-Isa-
kare, uJosefa noBhenjamini.
**13** Lezi ezilandelayo ziyoku-
ma eNtabeni i-Ebhali[b] zikhi-
phe isiqalekiso: URubeni, uGa-
di, u-Asheri, uZebhuloni, uDani
noNafetali. **14** AmaLevi ayo-
phendula wonke umuntu wa-
kwa-Israyeli ngezwi elikhulu,
athi:[c]

**15** "'Uqalekisiwe umuntu
owenza umfanekiso obaziwe[d]
noma isithombe sensimbi,*[e]
okuyinto enengekayo kuJe-
hova,[f] ewumsebenzi wengcwe-
ti,# wabe esekufihla.' (Bo-
nke abantu bayophendula ba-
thi, 'Amen!'△)

**16** "'Uqalekisiwe umuntu
odelela uyise noma unina.'[g] (Bo-
nke abantu bayothi, 'Amen!')

**17** "'Uqalekisiwe ogudluza
uphawu lomngcele womuntu
wakubo.'[h] (Bonke abantu bayo-
thi, 'Amen!')

**18** "'Uqalekisiwe odukisa
impumputhe endleleni.'[i] (Bonke
abantu bayothi, 'Amen!')

**19** "'Uqalekisiwe owahlulela
isifiki, intandane* noma umfe-
lokazi[j] ngendlela engenabulu-
ngisa.'[k] (Bonke abantu bayothi,
'Amen!')

**20** "'Uqalekisiwe olala no-
mkayise ngoba uthele uyise nge-
hlazo.'*[l] (Bonke abantu bayothi,
'Amen!')

**21** "'Uqalekisiwe olala nano-
ma isiphi isilwane.'[m] (Bonke
abantu bayothi, 'Amen!')

**22** "'Uqalekisiwe olala no-
dadewabo, indodakazi kayise
noma indodakazi kanina.'[a] (Bo-
nke abantu bayothi, 'Amen!')

**23** "'Uqalekisiwe olala nom-
khwekazi wakhe.'[b] (Bonke aba-
ntu bayothi, 'Amen!')

**24** "'Uqalekisiwe obulala
umakhelwane wakhe esenda-
weni ecashile.'[c] (Bonke abantu
bayothi, 'Amen!')

**25** "'Uqalekisiwe owamuke-
la isifumbathiso ukuze abula-
le* umuntu ongenacala.'#[d] (Bo-
nke abantu bayothi, 'Amen!')

**26** "'Uqalekisiwe ongeke
awagcine amazwi alo Mthe-
tho.'[e] (Bonke abantu bayothi,
'Amen!')

**28** "Uma nakanjani uzoli-
lalela izwi likaJehova
uNkulunkulu wakho ngokuqi-
kelela ukuthi uyigcina yonke
imiyalo yakhe engikuyala nga-
yo namuhla, uJehova uNkulu-
nkulu wakho nakanjani uyoku-
phakamisa ngaphezu kwazo zo-
nke ezinye izizwe zomhlaba.[f]
**2** Zonke lezi zibusiso ziyo-
kwehlela phezu kwakho[g] nge-
nxa yokuthi uyaqhubeka ulale-
la izwi likaJehova uNkulunku-
lu wakho:

**3** "Uyobusiswa edolobheni,
ubusiswe nasemaphandleni.[h]

**4** "Ziyobusiswa izingane za-
kho*[i] nesithelo somhlabathi wa-
kho nenzalo yemfuyo yakho na-
mathole akho nezimvu zakho.[j]

**5** "Uyobusiswa ubhasikidi
wakho[k] nesitsha sakho sokuxo-
vela.[l]

**6** "Uyobusiswa kukho konke
okwenzayo.

**7** "UJehova uyobangela uku-
ba izitha zakho ezikuvukelayo

---

ISAHL. 27
a Dut 11:29
b Jos 8:33
c Dut 33:10
d Eks 20:4; Dut 4:15, 16; Isay 44:9
e Eks 34:17; Lev 19:4
f Dut 7:25; Dut 29:17
g Eks 20:12; Dut 21:18-21; IzA 20:20; IzA 30:17; Mat 15:4
h Dut 19:14; IzA 23:10
i Lev 19:14
j Eks 22:21, 22; Dut 10:17, 18; Mal 3:5; Jak 1:27
k Dut 16:20; IzA 17:23; Mik 3:11
l Lev 18:8; 1Ko 5:1
m Eks 22:19; Lev 18:23; Lev 20:15

Uhla 2
a Lev 18:9; Lev 20:17
b Lev 18:17; Lev 20:14
c Eks 20:13; Eks 21:12; Num 35:31
d Mat 27:3, 4
e Dut 28:15; Gal 3:10

ISAHL. 28
f Dut 26:18, 19
g Lev 26:3, 4; IzA 10:22; Isay 1:19
h Dut 11:14
i Lev 26:9; Hu 127:3; Hu 128:3
j Dut 7:13
k Dut 26:2
l Eks 23:25

---

**27:15** *Noma, "esenziwe ngokunci-bilikisiwe." #Noma, "wesisebenzi esisebenza ngokhuni noma ngensimbi." △Noma, "Makube njalo!" **27:19** *Noma, "ingane engenababa." **27:20** *NgesiHebheru, "wembule ingubo kayise."

**27:25** *Noma, "ashaye." #Noma, "umphefumulo wegazi elingenacala." **28:4** *NgesiHebheru, "isithelo sesibeletho sakho."

zihlulwe phambi kwakho.[a] Ziyo-
kuhlasela ziqhamuka ngendle-
la eyodwa, kodwa zikubaleke-
le ngezindlela eziyisikhombisa.[b]
**8** UJehova uyoyaleza ukuba
uthole isibusiso ezinqolobaneni
zakho[c] nakuyo yonke imizamo
yakho, nakanjani uyokubusisa
ezweni uJehova uNkulunkulu
wakho akunika lona. **9** UJe-
hova uyokumisa ube isizwe esi-
ngcwele kuye,[d] njengoba nje
afunga kuwe,[e] ngoba uyaqhu-
beka ugcina imiyalo kaJehova
uNkulunkulu wakho futhi uha-
mba ezindleleni zakhe. **10** Zo-
nke izizwe zomhlaba ziyobona
ukuthi igama likaJehova libi-
zwe phezu kwakho[f] futhi ziyo-
kwesaba.[g]

**11** "UJehova uyokwenza ube
nezingane eziningi kakhulu ne-
mfuyo eningi nomhlabathi ovu-
ndile[h] ezweni uJehova afu-
nga kokhokho bakho ukukunika
lona.[i] **12** UJehova uyokuvule-
la inqolobane yakhe enhle, ama-
zulu, ukuze anise imvula ezwe-
ni lakho ngenkathi yayo[j] noku-
ba abusise konke okwenzayo.
Uyoboleka izizwe eziningi, ko-
dwa wena ngeke kudingeke
uboleke.[k] **13** UJehova uyokwe-
nza ube phambili hhayi emsi-
leni; uyoba phezulu[l] hhayi pha-
nsi, uma uqhubeka ulalela imi-
yalo kaJehova uNkulunkulu wa-
kho engikuyala ngayo namuhla
ukuba uyigcine futhi uyenze.
**14** Akumele uphambuke kuwo
wonke la mazwi engikuyala nga-
wo namuhla, uye kwesokudla
noma kwesobunxele,[m] ulandele
abanye onkulunkulu ukuze uba-
khonze.[n]

**15** "Kodwa uma ungeke uli-
lalele izwi likaJehova uNkulu-
nkulu wakho ngokuqikelela
ukuthi wenza yonke imiyalo ya-
khe nemithetho yakhe engiku-
yala ngayo namuhla, zonke lezi
ziqalekiso ziyokwehlela phezu
kwakho:[a]

**16** "Uyoqalekiswa edolobhe-
ni, uqalekiswe nasemaphandle-
ni.[b]

**17** "Uyoqalekiswa ubhasiki-
di wakho[c] nesitsha sakho soku-
xovela.[d]

**18** "Ziyoqalekiswa izingane
zakho*[e] nesithelo somhlabathi
wakho namathole akho nezi-
mvu zakho.[f]

**19** "Uyoqalekiswa kukho ko-
nke okwenzayo.

**20** "UJehova uyothumela
phezu kwakho isiqalekiso, isi-
jeziso futhi akwenze uphitha-
ne kuyo yonke imizamo ya-
kho, kuze kube yilapho usu-
qothuliwe washabalala ngo-
kushesha, ngenxa yemikhu-
ba yakho emibi nangokungishi-
ya kwakho.[g] **21** UJehova uyo-
kwenza ukuba isifo singasuki
kuwe kuze kube yilapho ese-
kuqothule waphela ezweni
oya kulo ukuyolidla.[h] **22** UJe-
hova uyokushaya ngesifo sofu-
ba, imfiva,[i] ukuvuvukala, uku-
shisa okukhulu, inkemba,[j] umo-
ya oshisayo nesikhunta;[k] ku-
yokuxosha uze ushabalale.
**23** Isibhakabhaka sakho siyo-
ba ithusi, nomhlaba ube insi-
mbi.[l] **24** UJehova uyokwenza
imvula yezwe lakho ibe ubhu-
qu nothuli okuyokwehlela phe-
zu kwakho kuvela emazulwini
kuze kube yilapho usuqothuli-
we. **25** UJehova uyobangela
ukuba uhlulwe phambi kwezi-
tha zakho.[m] Wena uyozihlase-
la ohlangothini olulodwa, ko-
dwa uyozibalekela ngezindlela
eziyisikhombisa; yonke imibu-
so yomhlaba iyothuka lapho
ibona izinto ezimbi ezikwehle-
layo.[n] **26** Izidumbu zenu ziyo-
ba ukudla kwazo zonke izinyoni

**ISAHL. 28**
*a* Dut 32:30, Jos 10:11
*b* Dut 7:23, 2Kr 14:13
*c* Lev 26:10, IzA 3:9, 10, Mal 3:10
*d* Dut 7:6
*e* Eks 19:6
*f* Isay 43:10, Dan 9:19, IzE 15:17
*g* Num 22:3, Dut 11:25, Jos 5:1
*h* Dut 30:9, Hu 65:9
*i* Gen 15:18
*j* Lev 26:4, Dut 11:14
*k* Dut 15:6
*l* 1Kh 4:21
*m* Dut 5:32, Jos 1:7, Isay 30:21
*n* Lev 19:4

**Uhla 2**
*a* Lev 26:16, 17, Dan 9:11
*b* 1Kh 17:1
*c* Dut 26:2
*d* Lev 26:26
*e* IsiL 2:11, 19, IsiL 4:10
*f* Lev 26:20, 22
*g* Jos 23:16
*h* Lev 26:25, Jer 24:10
*i* Lev 26:16
*j* Lev 26:33
*k* Amo 4:9
*l* Lev 26:19, Dut 11:17, 1Kh 17:1
*m* Lev 26:14, 17, 1Sa 4:10
*n* Jer 29:18, Luk 21:24

**28:18** *NgesiHebheru, "isithelo sesibeletho sakho."

ezisesibhakabhakeni nezilwane
ezisemhlabeni, ngeke kube na-
muntu ozixoshayo.[a]

**27** “UJehova uyokushaya
ngamathumba aseGibhithe,
umhlume, utwayi nezilonda
emzimbeni, okungeke kwe-
lapheke. **28** UJehova uyo-
kushaya ngobuhlanya, ubu-
mpumputhe[b] nangokudideka.
**29** Uyophumputha emini beba-
de, njengoba nje impumputhe
iphumputha ebumnyameni[c] fu-
thi ngeke uphumelele kuno-
ma yini oyenzayo; ngaso so-
nke isikhathi uyophanjwa futhi
uphangwe, kungekho muntu
ozokusiza.[d] **30** Uyothembisa
owesifazane umshado, kodwa
omunye umuntu amdlwengu-
le. Uyokwakha indlu, kodwa
ngeke uhlale kuyo.[e] Uyotsha-
la insimu yamagilebhisi, ko-
dwa ngeke uzijabulele izithelo
zayo.[f] **31** Inkabi yakho iyohla-
tshwa phambi kwakho, kodwa
ngeke udle lutho lwayo. Imbo-
ngolo yakho iyokwebiwa pha-
mbi kwakho, kodwa ngeke ibu-
yele kuwe. Imvu yakho iyo-
nikwa izitha zakho, kodwa
ngeke kube namuntu ozoku-
siza. **32** Amadodana akho na-
madodakazi akho ayonikwa
esinye isizwe[g] ubhekile futhi
ngaso sonke isikhathi uyofisa
ukuwabona, kodwa izandla za-
kho ziyobe zingenamandla.
**33** Isithelo somhlabathi wakho
nakho konke okukhiqizayo ku-
yodliwa isizwe ongasazi,[h] nga-
so sonke isikhathi uyophanjwa
futhi uchotshozwe. **34** Uyo-
hlanyiswa yilokho amehlo akho
ayokubona.

**35** “UJehova uyokushaya
ngamathumba abuhlungu na-
ngalapheki emadolweni nasemi-
lenzeni, kusukela onyaweni lwa-
kho kuya okhakhayini lwekha-
nda lakho. **36** UJehova uyoku-
hola wena nenkosi owazibekela
yona akuyise esizweni eningaza-
nge nisazi wena nokhokho ba-
kho,[a] uyofike ukhonze abanye
onkulunkulu, onkulunkulu bo-
khuni nabetshe.[b] **37** Uyoba yi-
nto ethusayo nenhlekisa* nento
yokuklolodelwa phakathi kwazo
zonke izizwe uJehova ayokuyisa
kuzo.[c]

**38** “Uyotshala imbewu eni-
ngi ensimini, kodwa uyobu-
tha okuncane,[d] ngoba izintethe
ziyokushwabadela. **39** Uyo-
tshala amasimu amagilebhisi
usebenze kuwo, kodwa akukho
wayini oyoliphuza, akukho lu-
tho oyolubutha,[e] ngoba isibu-
ngu siyokudla. **40** Uyoba ne-
zihlahla zeminqumo kuyo yo-
nke indawo yakho, kodwa nge-
ke uwagcobe amafutha, ngo-
ba iminqumo yakho iyovuthu-
luka. **41** Uyozala amadodana
namadodakazi, kodwa ngeke
ahlale engawakho, ngoba ayo-
thunjwa.[f] **42** Izinambuzane
ezibhuzayo ziyogcwala kuzo
zonke izihlahla zakho nase-
zithelweni zomhlabathi wakho.
**43** Isifiki esiphakathi kwakho
siyolokhu siba namandla kuna-
we kodwa wena uyolokhu uba
buthaka kunaso. **44** Siyoku-
boleka, kodwa wena ngeke usi-
boleke.[g] Siyoba inhloko, wena
ube umsila.[h]

**45** “Zonke lezi ziqalekiso[i] na-
kanjani ziyokwehlela zikuxo-
she, zikufice kuze kube yilapho
usuqothuliwe,[j] ngoba awuza-
nge ulilalele izwi likaJeho-
va uNkulunkulu wakho ngoku-
ba ugcine imiyalo yakhe ne-
mithetho yakhe akuyale ngayo.[k]
**46** Ziyoqhubeka ziphezu kwa-
kho nasenzalweni yakho zibe
isibonakaliso nesixwayiso kuze
kube phakade,[l] **47** ngenxa yo-
kuthi awuzange umkhonze uJe-

**ISAHL. 28**
*a* Jer 7:33
*b* Eks 4:11
*c* Isay 59:10
*d* Hlu 3:14; Hlu 6:1-5; Neh 9:27
*e* Isay 5:9; IsiL 5:2
*f* Amo 5:11; Mik 6:15
*g* 2Kr 29:9
*h* Neh 9:37; Isay 1:7

**Uhla 2**
*a* 2Kh 17:6; 2Kh 25:7; 2Kr 33:11; 2Kr 36:5, 6
*b* Jer 16:13
*c* 1Kh 9:8; 2Kr 7:20; Jer 24:9; Jer 25:9
*d* Isay 5:10; Hag 1:6
*e* Zef 1:13
*f* 2Kh 24:14; Jer 52:15, 30
*g* IzA 22:7
*h* Ezr 9:7
*i* Dut 28:15; Dut 29:27
*j* 2Kh 17:20; Jer 24:10
*k* Dut 11:26-28
*l* 1Ko 10:11

**28:37** * NgesiHebheru, “nesaga.”

hova uNkulunkulu wakho ngo-
kuthokoza nangenhliziyo ejabu-
layo ngesikhathi unenala yakho
konke.[a] **48** UJehova uyothu-
mela izitha zakho kuwe, uzikho-
nze[b] ulambile,[c] womile, ugqoke
izingubo zabahluphekayo futhi
ungenalutho. UNkulunkulu uyo-
beka ijoka lensimbi entanyeni
yakho kuze kube yilapho eseku-
qothulile.

**49** "UJehova uyokuvusela
isizwe esikude simelane nawe,[d]
esivela emaphethelweni omhla-
ba; siyokubhozomela njengoba
kwenza ukhozi,[e] isizwe ongeke
uluqonde ulimi lwaso,[f] **50** isi-
zwe esibonakala sinolaka, esi-
ngeke sibe nandaba nexhegu
noma sibe nomusa kosemu-
sha.[g] **51** Siyodla inzalo ye-
mfuyo yakho nezithelo zomhla-
bathi wakho kuze kube yila-
pho usuqothuliwe. Akukho ku-
dla okusanhlamvu, iwayini eli-
sha noma amafutha, amatho-
le noma izimvu esiyokushiye-
la kona kuze kube yilapho se-
sikubhubhisile.[h] **52** Siyokuvi-
mbezela, sikuvalele ngaphaka-
thi kwamadolobha* akho akulo
lonke izwe lakho zize ziwe izi-
ndonga zakho eziphakeme ne-
zinezivikelo eziqinile othembe-
le kuzo. Yebo, nakanjani siyo-
kuvimbezela ngaphakathi kwa-
madolobha akho akulo lonke
izwe lakho, uJehova uNkulu-
nkulu wakho akunike lona.[i]
**53** Kuyodingeka udle izinga-
ne zakho,* inyama yamadoda-
na namadodakazi akho,[j] uJe-
hova uNkulunkulu wakho aku-
nike wona, ngenxa yobunzi-
ma bokuvinjezelwa nokucinde-
zelwa yisitha sakho.

**54** "Ngisho nendoda ente-
kenteke nezwela kakhulu pha-
kathi kwakho, ngeke imzwe-
le umfowabo noma umka-
yo emthandayo noma aba-
ntwana bayo abasele, **55** nge-
ke ibaphe lutho enyameni ya-
bantwana bayo ezoyidla, ngo-
ba ayisenalutho ngenxa yobu-
nzima bokuvinjezelwa nokuci-
ndezelwa isitha emadolobheni
akho.[a] **56** Owesifazane onte-
kenteke nozwela kakhulu pha-
kathi kwakho, ongeke aloko-
the acabange ukubeka unya-
wo lwakhe emhlabathini ngo-
ba entekenteke,[b] ngeke am-
zwele umyeni wakhe amtha-
ndayo noma indodana noma
indodakazi yakhe, **57** ngisho
nomzanyana ophuma phakathi
kwemilenze yakhe nabantwa-
na abazalayo, ngoba uyobadle-
la ekusithekeni ngenxa yobu-
nzima bokuvinjezelwa nokuci-
ndezelwa kwamadolobha akho
yisitha sakho.

**58** "Uma ungeke uwagcine
ngokucophelela wonke ama-
zwi alo Mthetho alotshwe kule
ncwadi[c] futhi ungalesabi leli
gama elikhazimulayo nelibaba-
zekayo[d] likaJehova[e] uNkulunku-
lu wakho, **59** uJehova uyoku-
jezisa ngezifo ezinzima wena
nenzalo yakho, izifo ezinkulu
nezingapheli,[f] nangokugula oku-
bi okungapheli. **60** Uyobuyisa
phezu kwakho zonke izifo za-
seGibhithe owawuzesaba, na-
kanjani ngeke zisuke kuwe.
**61** Ngaphezu kwalokho, uJeho-
va uyoze alethe phezu kwa-
kho ngisho nakho konke uku-
gula noma izinhlupho ezingalo-
tshiwe encwadini yalo Mthe-
tho, kuze kube yilapho usu-
qothuliwe. **62** Nakuba seniba-
ningi ngangezinkanyezi zamazu-
lu,[g] bambalwa kakhulu kini aba-
yosala,[h] ngoba anizange nililale-
le izwi likaJehova uNkulunkulu
wenu.

**ISAHL. 28**
- a Dut 12:7; Neh 9:35
- b 2Kr 12:8, 9; Jer 5:19
- c Jer 44:27
- d Jer 6:22; Hab 1:6
- e Jer 4:13; Hos 8:1
- f Jer 5:15
- g 2Kr 36:17; Isay 47:6; Luk 19:44
- h Lev 26:26; Jer 15:13
- i 2Kh 17:5; 2Kh 25:1; Luk 19:43
- j 2Kh 6:28; IsiL 4:10; Hez 5:10

**Uhla 2**
- a Jer 52:6
- b IsiL 4:5
- c Eks 24:7; Dut 31:26
- d Dut 10:17; Hu 99:3
- e Eks 3:15; Eks 6:3; Eks 20:2; Hu 83:18; Hu 113:3; Isay 42:8
- f Lev 26:21; Dan 9:12
- g Dut 10:22
- h Dut 4:27

**28:52** *NgesiHebheru, "kwamasango."
**28:53** *NgesiHebheru, "isithelo sesibeletho sakho."

**63** “Njengoba nje uJehova
ake akujabulela ukunenza ni-
chume nokunandisa, uJehova
uyokujabulela nokunibhubhisa
kanye nokuniqothula; niyosu-
swa ezweni esenizolidla.
**64** “UJehova uyonihlakaze-
la kuzo zonke izizwe, kusukela
kolunye uhlangothi lomhlaba
kuya kolunye,[a] futhi lapho ku-
yomelwe nikhonze onkulunku-
lu bokhuni nabetshe, eningaza-
nge nibazi nina nokhokho
benu.[b] **65** Ngeke nibe nakho
ukuthula kulezo zizwe,[c] no-
nyawo lwakho ngeke luyitho-
le indawo yokuphumula. Ku-
nalokho uJehova uyokunika la-
pho inhliziyo enexhala[d] name-
hlo afiphalayo nomuzwa woku-
phelelwa ithemba.*[e] **66** Uku-
phila kwakho kuyoba sengozi-
ni enkulu, wesabe ubusuku ne-
mini; ngeke uqiniseke ngokusi-
nda kwakho. **67** Ekuseni uyo-
thi, ‘Ukube bekukusihlwa!’ ku-
sihlwa uthi ‘Ukube bekuseku-
seni!’ ngenxa yokwesaba oyo-
ba nakho enhliziyweni yakho
nangenxa yalokho amehlo
akho ayokubona. **68** Nakanja-
ni uJehova uyokubuyisela eGi-
bhithe ngomkhumbi ngendle-
la engathi ngayo kuwe, ‘Ngeke
uphinde uyibone,’ futhi lapho
kuyodingeka uzithengise ezi-
theni zakho njengezigqila nezi-
gqilakazi, kodwa ngeke abe
khona umthengi.”

**29** Lawa amazwi esivume-
lwano uJehova ayala
uMose ukuba asenze nesizwe
sakwa-Israyeli ezweni lakwaMo-
wabi ngaphandle kwesivume-
lwano asenza naso eHorebe.[f]
**2** UMose wabe esebiza
u-Israyeli wonke wathi kuye:
“Ukubone konke lokho uJe-
hova akwenza phambi kwa-
kho ezweni laseGibhithe kuFa-
ro nakuzo zonke izinceku za-
khe nakulo lonke izwe lakhe,[a]
**3** izahlulelo* ezinkulu ame-
hlo akho azibona, izibonakali-
so ezinkulu nezimangaliso.[b]
**4** Kuze kube namuhla, uJeho-
va akakunikanga amandla oku-
qonda* namehlo okubona
nezindlebe zokuzwa.[c] **5** ‘La-
pho ngikuhola iminyaka engu-
40 ehlane,[d] izingubo zakho azi-
zange ziguge, nezimbadada za-
kho azizange zigugele ezinya-
weni zakho.[e] **6** Awudlanga si-
nkwa, awuphuzanga wayini na-
noma yini ewuphuzo oludaka-
yo, ukuze wazi ukuthi ngingu-
Jehova uNkulunkulu wakho.’
**7** Ekugcineni wafika kule nda-
wo, uSihoni inkosi yaseHeshi-
bhoni[f] no-Ogi inkosi yaseBha-
shani[g] baphuma bezolwa nathi,
kodwa sabahlula.[h] **8** Ngemva
kwalokho sathatha izwe labo
salinika abakwaRubeni, aba-
kwaGadi nohhafu wesizwe sa-
kwaManase laba yifa.[i] **9** Nga-
kho gcina amazwi alesi sivume-
lwano, uwalalele, ukuze konke
okwenzayo kuphumelele.[j]
**10** “Namuhla nonke nimi
phambi kukaJehova uNkulu-
nkulu wenu, izinhloko zezizwe
zenu, amadoda amadala aki-
ni, izikhulu zenu, wonke umu-
ntu wakwa-Israyeli, **11** izinga-
ne zenu, omkenu,[k] nesifi-
ki[l] esingaphakathi kwekamu
lenu, kusukela kumuntu oni-
thezela izinkuni kuya konikhe-
lela amanzi. **12** Nilapha uku-
ze ningene esivumelwaneni si-
kaJehova uNkulunkulu wenu
nasesifungweni sakhe, uJe-
hova uNkulunkulu wenu ase-
nza nani namuhla[m] **13** ukuze
animise njengesizwe sakhe na-

ISAHL. 28
a Lev 26:33; Neh 1:8; Luk 21:24
b Dut 4:27, 28
c Amo 9:4
d Hez 12:19
e Lev 26:16, 36

ISAHL. 29
f Eks 24:8

Uhla 2
a Eks 19:4; Jos 24:5
b Dut 4:34; Neh 9:10
c Rom 11:8
d Dut 1:3; Dut 8:2
e Dut 8:4; Neh 9:21; Mat 6:31
f Num 21:26
g Num 21:33
h Hu 135:10, 11
i Num 32:33; Dut 3:12, 13
j Dut 4:6; Dut 8:18; Jos 1:7, 8; 1Kh 2:3; Hu 103:17, 18; Luk 11:28
k Neh 8:2
l Eks 12:38
m Dut 1:3; Dut 29:1

**28:65** *Noma, “nokuphelelwa ithemba komphefumulo.”

**29:3** *Noma, “izilingo.” **29:4** *NgesiHebheru, “inhliziyo yokuthi wazi.”

muhla[a] futhi abe uNkulunkulu wenu,[b] njengoba nje enithembisile nanjengoba afunga kokhokho benu u-Abrahama,[c] u-Isaka[d] noJakobe.[e]

**14** "Angisenzi nawe kuphela lesi sivumelwano nalesi sifungo, **15** kodwa ngiphinde ngisenze nalabo abami nathi lapha namuhla phambi kukaJehova uNkulunkulu wethu kanye nalabo abangekho lapha nathi namuhla. **16** (Ngoba nazi kahle ukuthi sasiphila kanjani ezweni laseGibhithe nokuthi sadabula kanjani phakathi kwezizwe ezihlukahlukene ohambweni lwethu.[f] **17** Nanivame ukuzibona izinto zazo ezinengekayo nezithixo zazo ezinyanyekayo*[g] zokhuni nezetshe, isiliva negolide, ezaziphakathi kwazo.) **18** Qaphelani ukuze namuhla kungabi khona kini indoda noma owesifazane, umndeni noma isizwe esinhliziyo yaso ifulathela uJehova uNkulunkulu wethu iyokhonza onkulunkulu balezo zizwe,[h] ukuze ingabi bikho impande ethela isithelo esinobuthi nomhlonyane phakathi kwenu.[i]

**19** "Kodwa uma umuntu ezwa amazwi alesi sifungo bese eqhosha enhliziyweni yakhe, athi, 'Ayikho into embi ezokwenzeka kimi, yize ngiphikelela nokwenza izinto ezithandwa inhliziyo yami,' kodwa bese konakala konke okusendleleni yakhe, **20** uJehova ngeke amthethelele.[j] Kunalokho, uJehova uyomthukuthelela kakhulu lowo muntu, sonke isiqalekiso esilotshwe kule ncwadi nakanjani siyokwehlela phezu kwakhe,[a] impela uJehova uyolisula igama lakhe phansi kwamazulu. **21** UJehova uyobe esehlukanisa lo muntu kuzo zonke izizwe zakwa-Israyeli amenze ehlelwe inhlekelele, ngokuvumelana naso sonke isiqalekiso sesivumelwano esilotshwe kule ncwadi yoMthetho.

**22** "Lapho isizukulwane esizayo sabantwana benu nesifiki esivela ezweni elikude bebona izinhlupho zalelo zwe, izifo uJehova azilethe phezu kwalo— **23** isibabule nosawoti nokusha okubangelwa umlilo, kangangokuba lonke izwe lalo ngeke lihlwanyelwe noma kube khona okuhlumayo kulo, futhi ngeke kumile lutho kulo, njengaseSodoma naseGomora,[b] e-Adima naseZebhoyimi,[c] okwabhujiswa uJehova ngentukuthelo yakhe nangolaka lwakhe— **24** bona nazo zonke izizwe bayothi, 'Kungani uJehova enze lokhu kuleli zwe?[d] Yabangelwa yini le ntukuthelo enkulu kangaka?' **25** Bayothi, 'Kungenxa yokuthi basishiya isivumelwano sikaJehova,[e] uNkulunkulu wokhokho babo, asenza nabo lapho ebakhipha ezweni laseGibhithe.[f] **26** Bahamba bayokhonza abanye onkulunkulu babakhothamela, onkulunkulu ababengabazi nayengazange abavumele ukuba babakhonze.*[g] **27** Ngenxa yalokho uJehova walithukuthelela kakhulu lelo zwe, waletha sonke isiqalekiso esilotshwe encwadini phezu kwalo.[h] **28** Ngakho uJehova wabasiphula ezweni labo ngentukuthelo[i] nangokufutheka nangokucasuka okukhulu

---

**29:17** *Lena yinkulumo yesiHebheru okungenzeka ihlobene negama elisho "ubulongwe," isetshenziswa njengenkulumo yokwedelela.

**29:26** *NgesiHebheru, "nayengazange ababele bona."

---

**ISAHL. 29**
a Eks 19:5; Dut 7:6; Dut 28:9
b Eks 6:7; Eks 29:45
c Gen 17:1, 7; Gen 22:16, 17
d Gen 26:3
e Gen 28:13
f Dut 2:4
g Num 25:1, 2
h Dut 11:16; Heb 3:12
i Heb 12:15
j Jos 24:19

**Uhla 2**
a Dut 27:26; Dut 28:15
b Gen 19:24; Jud 7
c Gen 10:19; Gen 14:2
d 1Kh 9:8, 9; 2Kr 7:21, 22; Jer 22:8, 9
e 1Kh 19:10
f Jer 31:32
g Hlu 2:12
h Lev 26:16; Dut 27:26
i Dut 28:45, 63; 1Kh 14:15; 2Kh 17:18; Luk 21:24

wabadingisela kwelinye izwe,
lapho bekhona namuhla.’[a]
**29** “Izinto ezifihliwe zingezi-
kaJehova uNkulunkulu we-
thu,[b] kodwa izinto ezembu-
liwe zingezethu nenzalo ye-
thu kuze kube phakade, uku-
ze siwafeze wonke amazwi alo
Mthetho.[c]
**30** “Kuyothi lapho wonke
la mazwi esegcwalise-
ka kuwe, isibusiso nesiqale-
kiso engikubeke phambi kwa-
kho,[d] futhi usuwakhumbula*[e]
ukuzo zonke izizwe uJeho-
va uNkulunkulu wakho akuhla-
kazele kuzo,[f] **2** bese ubuye-
la kuJehova uNkulunkulu wa-
kho[g] ulalele izwi lakhe ngoku-
vumelana nakho konke engiku-
yala ngakho namuhla, wena
nabantwana bakho, ngayo yo-
nke inhliziyo yakho nangawo
wonke umphefumulo* wakho,[h]
**3** uJehova uNkulunkulu wa-
kho uyobe esebuyisa izithu-
njwa zakho[i] akubonise isi-
he[j] aphinde akuqoqe kuzo
zonke izizwe uJehova uNku-
lunkulu wakho akuhlakaze-
le kuzo.[k] **4** Ngisho noma aba-
ntu bakho behlakazekele ema-
phethelweni omhlaba, uJeho-
va uNkulunkulu wakho uyoku-
qoqa akubuyise.[l] **5** UJehova
uNkulunkulu wakho uyokunge-
nisa ezweni oyihlo abalithatha,
ulidle; yena uyokwenza uchu-
me futhi akwandise ngaphezu
koyihlo.[m] **6** UJehova uNkulu-
nkulu wakho uyohlanza inhlizi-
yo yakho nenhliziyo yenzalo
yakho,[n] ukuze uthande uJeho-
va uNkulunkulu wakho ngayo
yonke inhliziyo yakho nanga-
wo wonke umphefumulo* wa-
kho futhi uphile.[o] **7** UJehova
uNkulunkulu wakho uyobe ese-
letha zonke lezi ziqalekiso phe-
zu kwezitha zakho ezazikuzo-
nda nezazikushushisa.[a]
**8** “Wena uyobuya ulalele
izwi likaJehova ugcine nayo
yonke imiyalo yakhe engikuya-
la ngayo namuhla. **9** UJeho-
va uNkulunkulu wakho uyo-
kwenza uchume kakhulu kuwo
wonke umsebenzi wezandla
zakho,[b] andise izingane za-
kho nemfuyo yakho nomkhiqi-
zo womhlabathi wakho, ngoba
uJehova uyophinde akujabule-
le ukukwenza uchume, nje-
ngoba nje ajabula ngokho-
kho bakho.[c] **10** Ngoba ngale-
so sikhathi uyolalela izwi li-
kaJehova uNkulunkulu wakho,
ugcine imiyalo yakhe nemithe-
tho yakhe elotshwe kule ncwa-
di yoMthetho futhi uyobuye-
la kuJehova uNkulunkulu wa-
kho ngayo yonke inhliziyo ya-
kho nangawo wonke umphefu-
mulo* wakho.[d]
**11** “Lo myalo engikuyala
ngawo namuhla awulukhuni
kuwe futhi ungakwazi ukuwufi-
nyelela.*[e] **12** Awukho emazu-
lwini ukuba ungaze uthi, ‘Uba-
ni ozosenyukela aye emazu-
lwini asitholele wona uku-
ze siwuzwe futhi siwugcine?’[f]
**13** Awukho ngaphesheya
kolwandle ukuba ungaze uthi,
‘Ubani ozosiwelela aye pheshe-
ya kolwandle asitholele wona,
ukuze siwuzwe futhi siwugci-
ne?’ **14** Ngoba leli zwi lisedu-
ze kakhulu kwakho, lisemlo-
nyeni wakho nasenhliziyweni
yakho[g] ukuze ulenze.[h]
**15** “Namuhla ngibeka pha-
mbi kwakho ukuphila nokuhle,
ukufa nokubi.[i] **16** Uma ulale-
la imiyalo kaJehova uNkulu-
nkulu wakho engikuyala ngayo

ISAHL. 29
*a* Ezr 9:7; Dan 9:7
*b* Rom 11:33
*c* Hu 78:5; Shu 12:13

ISAHL. 30
*d* Dut 11:26-28; Dut 28:2, 15
*e* 1Kh 8:47; Neh 1:9; Hez 18:28; Jow 2:13
*f* 2Kh 17:6; 2Kr 36:20
*g* Isay 55:7; 1Jo 1:9
*h* Dut 4:29
*i* Jer 29:14
*j* IsiL 3:22
*k* Ezr 1:2, 3; Hu 147:2; Jer 32:37; Hez 34:13
*l* Dut 28:64; Zef 3:20
*m* Neh 1:9
*n* Jer 32:37, 39
*o* Dut 6:5

Uhla 2
*a* Gen 12:2, 3; Jer 25:12; IsiL 3:64; Rom 12:19
*b* Isay 65:21, 22; Mal 3:10
*c* Jer 32:37, 41
*d* Neh 1:9; IzE 3:19
*e* Isay 45:19
*f* Rom 10:6
*g* Rom 10:8
*h* Mat 7:21; Jak 1:25
*i* Dut 11:26

**30:1** *NgesiHebheru, “usuwabuyisa enhliziyweni yakho.” **30:2, 6, 10** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**30:11** *NgesiHebheru, “awukude nawe.”

namuhla, ngokuthanda uJeho-
va uNkulunkulu wakho,[a] ngo-
kuhamba ezindleleni zakhe na-
ngokugcina imiyalo yakhe ne-
mithetho yakhe nezinqumo za-
khe zokwahlulela, uyophila[b] fu-
thi wande, uJehova uNkulu-
nkulu wakho akubusise ezweni
oyolidla.[c]
**17** "Kodwa uma inhliziyo ya-
kho ifulathela[d] bese ungalale-
li, uma uyengwa futhi ukhotha-
mela abanye onkulunkulu uba-
khonze,[e] **18** ngiyakutshela
namuhla ukuthi nakanjani uyo-
shabalala.[f] Ngeke uphile isikha-
thi eside ezweni owela iJordani
ukuba uyolidla. **19** Ngimisa
amazulu nomhlaba njengofaka-
zi ngokumelene nawe namuhla,
bokuthi ngibeke ukuphila no-
kufa phambi kwakho, isibusiso
nesiqalekiso;[g] kumele ukhethe
ukuphila ukuze uphile,[h] wena
nenzalo yakho,[i] **20** ngokutha-
nda uJehova uNkulunkulu wa-
kho,[j] ngokulalela izwi lakhe
nangokunamathela kuye,[k] ngo-
ba ungukuphila kwakho, ngaye
uyophila isikhathi eside ezwe-
ni uJehova afunga ukulinika
okhokho bakho, u-Abrahama,
u-Isaka noJakobe."[l]

**31** Ngemva kwalokho uMo-
se wahamba wakhulu-
ma la mazwi ku-Israyeli wo-
nke, **2** wathi kuye: "Namuhla
ngineminyaka engu-120 ubuda-
la.[m] Ngeke ngisakwazi ukuku-
hola,* ngoba uJehova uthe
kimi, 'Ngeke uliwele leli Jorda-
ni.'[n] **3** UJehova uNkulunkulu
wakho nguye owela phambi
kwakho, yena uqobo uzoziqo-
thula lezi zizwe phambi kwa-
kho, wena uzixoshe.[o] UJo-
shuwa nguye ozokuhola aku-
welise,[p] njengoba nje uJe-

**31:2** *NgesiHebheru, "ukuphuma noku-
ngena."

hova ekhulumile. **4** UJeho-
va uzokwenza kuzo njengo-
ba nje enza kuSihoni[a] no-
Ogi,[b] amakhosi ama-Amori, na-
sezweni lawo lapho ewaqo-
thula.[c] **5** UJehova uzokunqo-
bela zona, kufanele wenze
kuzo ngokuvumelana nawo wo-
nke umyalo engikunike wona.[d]
**6** Yiba nesibindi uqine.[e] Unga-
zesabi noma zikwethuse[f] ngo-
ba uJehova uNkulunkulu wa-
kho nguye ohamba nawe. Nge-
ke akulahle noma akushiye."[g]
**7** UMose wabe esebiza uJo-
shuwa wathi kuye phambi kwa-
wo wonke u-Israyeli: "Yiba ne-
sibindi uqine[h] ngoba uwe-
na ozongenisa lesi sizwe ezwe-
ni uJehova afunga kokhokho
baso ukusinika lona, futhi uzo-
sinika lona libe yifa.[i] **8** UJe-
hova nguye ohamba phambi
kwakho, uzoqhubeka enawe.[j]
Ngeke akulahle noma akushi-
ye. Ungesabi noma wethuke."[k]
**9** UMose wabe eseloba lo
Mthetho[l] wawunika abapri-
sti, amaLevi, abathwala um-
phongolo wesivumelwano si-
kaJehova, nawo wonke ama-
doda amadala akwa-Israye-
li. **10** UMose wabayala, wa-
thi: "Njalo ekupheleni kwe-
minyaka eyisikhombisa, ngesi-
khathi esimisiwe ngonyaka wo-
kukhulula,[m] phakathi noMkho-
si Wamadokodo,*[n] **11** lapho
wonke u-Israyeli evela pha-
mbi kukaJehova[o] uNkulunku-
lu wakho endaweni ayikhe-
thayo, kufanele ufundele wo-
nke u-Israyeli lo Mthetho uku-
ze awuzwe.[p] **12** Qoqela aba-
ntu ndawonye,[q] amadoda, abe-
sifazane, abantwana* nesifiki
esisemadolobheni# akho ukuze

**31:10** *Noma, "Wezindlwana Zesikha-
shana." **31:12** *NgesiHebheru, "aba-
ncane." #NgesiHebheru, "esisemasa-
ngweni."

ISAHL. 30
a Dut 6:5
b Lev 18:5
c Lev 25:18
Dut 30:5
d Dut 29:18
Heb 3:12
e Dut 4:19
f Dut 8:19
Jos 23:15
1Sa 12:25
g Dut 11:26
Dut 27:26
Dut 28:2, 15
h Dut 32:47
i Jos 24:15
j Dut 10:12
k Dut 4:4
l Gen 12:7
Gen 15:18

ISAHL. 31
m Eks 7:7
Dut 34:7
IzE 7:23
n Num 20:12
Dut 3:27
o Dut 9:3
p Num 27:18
Dut 3:28
Jos 1:2

Uhla 2
a Num 21:23, 24
b Num 21:33, 35
c Eks 23:23
d Num 33:52
Dut 7:2, 24
Dut 20:16
e Jos 1:6
Hu 27:14
Hu 118:6
f Num 14:9
Dut 7:18
g Dut 4:31
Jos 1:5
Heb 13:5
h Jos 10:25
i Dut 1:38
j Eks 33:14
k Jos 1:9
l Eks 34:27
m Dut 15:1
n Lev 23:34
o Dut 16:16
p Neh 8:7
q Dut 4:10
Heb 10:25

balalele, bafunde futhi besabe uJehova uNkulunkulu wakho, baqikelele ukuthi bawafeza wonke amazwi alo Mthetho. **13** Abantwana babo abangakaze bawazi lo Mthetho bayolalela[a] futhi bafunde ukwesaba uJehova uNkulunkulu wakho zonke izinsuku oziphila ezweni owela iJordani ukuyolidla."[b]

**14** Ngemva kwalokho uJehova wathi kuMose: "Lalela! Sesisondele isikhathi sokuba ufe.[c] Biza uJoshuwa, niye* etendeni lokuhlangana ukuze ngimmise."[d] Ngakho uMose noJoshuwa baya etendeni lokuhlangana. **15** UJehova wabonakala etendeni esensikeni yefu, insika yefu yama emnyango wetende.[e]

**16** UJehova wathi kuMose: "Lalela! Manje usuzofa,* futhi laba bantu sebezoqala ukufeba# nonkulunkulu bezinye izizwe ababazungezile ezweni abaya kulo.[f] Bazongishiya[g] baphule nesivumelwano sami engisenze nabo.[h] **17** Ngaleso sikhathi intukuthelo yami iyobavuthela,[i] ngiyobashiya,[j] ngibafulathele,*[k] kuze kube yilapho sebeqothuliwe. Ngemva kokwehlelwa izinhlekelele ezingi nezingcindezi,[l] bayothi, 'Lezi zinhlekelele azisehlelanga yini ngenxa yokuthi uNkulunkulu wethu ubengekho phakathi kwethu?'[m] **18** Kodwa ngiyoqhubeka ngibafulathele ngalolo suku ngenxa yabo bonke ububi ababenzile ngokuphendukela kwabanye onkulunkulu.[n]

**19** "Manje zibhaleleni le ngoma[o] niyifundise ama-Israyeli.[a] Wafundiseni yona* ukuze le ngoma ibe ufakazi wami ngokumelene nesizwe sakwa-Israyeli.[b] **20** Lapho ngibaletha ezweni engafunga ukulinika okhokho babo[c]—eligeleza ubisi noju[d]—badle basuthe futhi bachume,*[e] bayophendukela kwabanye onkulunkulu babakhonze, bangidelele baphule nesivumelwano sami.[f] **21** Lapho behlelwa izinhlekelele ezingi nezingcindezi,[g] le ngoma iyoba ufakazi kubo, (inzalo yabo akufanele iyikhohlwe), ngoba sengiyakwazi lokho abacabanga ukukwenza[h] ngisho nangaphambi kokuba ngibangenise ezweni engifunge ukubanika lona."

**22** Ngakho uMose wayibhala phansi le ngoma ngalolo suku, wayifundisa ama-Israyeli.

**23** Wabe* esemisa uJoshuwa[i] indodana kaNuni wathi: "Yiba nesibindi uqine[j] ngoba nguwe ozongenisa ama-Israyeli ezweni engafunga ukulinika wona,[k] futhi mina ngizoqhubeka nginawe."

**24** Ngokushesha nje lapho uMose eseqedile ukubhala wonke amazwi alo Mthetho encwadini,[l] **25** uMose wayala amaLevi, athwala umphongolo wesivumelwano sikaJehova, wathi: **26** "Thathani le ncwadi yoMthetho[m] niyibeke ohlangothini lomphongolo[n] wesivumelwano sikaJehova uNkulunkulu wenu, izoba ufakazi omelene nani. **27** Ngoba mina ngikwazi kahle ukudlubulunda kwenu[o] nenkani yenu.*[p] Uma nidlubulunde kangaka kuJehova ngisekanye nani, niyodlubu-

**ISAHL. 31**

a Dut 6:6, 7; Efe 6:4
b Dut 30:16
c Num 27:13
d Dut 3:28
e Eks 33:9; Eks 40:38
f Hlu 2:17; Hu 106:37-39
g 1Kh 11:33
h Hlu 2:12, 20
i Dut 29:20
j 1Kr 28:9; 2Kr 15:2; 2Kr 24:20
k Dut 32:20; Hu 104:29; Hez 39:23
l Neh 9:27
m Hlu 6:13
n Isay 59:2
o Dut 31:30; Dut 32:44

**Uhla 2**

a Dut 4:9; Dut 11:19
b Dut 31:21
c Gen 15:18
d Eks 3:8; Num 13:26, 27
e Neh 9:25
f Eks 24:7; Dut 8:12-14; Dut 29:1; Neh 9:26
g Dut 28:59
h Eks 16:4
i Num 27:18; Dut 31:14
j Jos 1:6, 9
k Dut 1:38; Dut 3:28
l Eks 34:27
m Dut 17:18; 2Kr 34:14
n 1Kh 8:9
o Dut 9:24; Neh 9:26
p Eks 32:9; Hu 78:8

**31:14** *Noma, "nime ezindaweni zenu." **31:16** *NgesiHebheru, "usuzolala nokhokho bakho." #Okuwukuthi, ubufebe obuphathelene nokukhonza abanye onkulunkulu. **31:17** *NgesiHebheru, "ngibafihlele ubuso bami."

**31:19** *NgesiHebheru, "Yibekeni emilonyeni yawo." **31:20** *NgesiHebheru, "bakhuluphale." **31:23** *Ngokusobala uNkulunkulu. **31:27** *NgesiHebheru, "nokuba kwenu ontamo-lukhuni."

lunda kangakanani-ke uma se-
ngifile! **28** Qoqelani kimi wo-
nke amadoda amadala ezizwe
zenu nezikhulu zenu, ngikhulu-
me la mazwi bezwa, mangi-
mise amazulu nomhlaba uku-
ba kube ofakazi ngokumelene
nabo.[a] **29** Ngoba ngazi kahle
ukuthi ngemva kokufa kwami
nakanjani nizokwenza izinto
ezimbi,[b] niphambuke endleleni
enginiyale ngayo. Nakanjani ni-
yokwehlelwa inhlekelele[c] eku-
pheleni kwezinsuku, ngoba ni-
yokwenza okubi emehlweni ka-
Jehova futhi niyomcasula nge-
misebenzi yezandla zenu."

**30** UMose wabe esesho ama-
zwi ale ngoma kusukela ekuqa-
leni kuya ekugcineni, kuzwa lo-
nke ibandla lama-Israyeli:[d]

**32** "Ngipheni indlebe mazu-
lu ngikhulume,
Umhlaba mawuzwe amazwi
omlomo wami.
**2** Imfundiso yami iyokuna
njengemvula;
Amazwi ami ayoconsa nje-
ngamazolo,
Njengemikhemezelo phezu
kotshani
Nanjengezihlambi zemvula
enkulu phezu kwezinto
ezitshaliwe.
**3** Ngoba ngizolimemezela iga-
ma likaJehova.[e]
Ngikhulume ngobukhulu
bukaNkulunkulu wethu![f]
**4** UyiDwala, uphelele umse-
benzi wakhe,[g]
Konke akwenzayo kunobu-
lungisa.[h]
UnguNkulunkulu wokwe-
thembeka,[i] okungenzeki
angabi nabulungisa;[j]
Ulungile futhi uqotho.[k]
**5** Yibona abenze ngokukho-
hlakala.[l]
Ababona abantwana bakhe,
iphutha lingelabo.[m]
Bayisizukulwane esigwe-
gwile nesisontekile![a]
**6** Ingabe yile ndlela okufa-
nele niphathe ngayo uJe-
hova,[b]
Bantu abayiziphukuphuku
nabangahlakaniphile?[c]
Akayena yini uYihlo owa-
nenza naba khona,[d]
Lowo owanidala wanimisa
naba isizwe?
**7** Khumbulani izinsuku zaku-
dala;
Cabangani ngeminyaka ye-
zizukulwane ezedlule.
Buzani oyihlo, bazoni-
tshela;[e]
Amadoda akini amadala,
azonixoxela.
**8** Lapho oPhezukonke enika
izizwe ifa lazo,[f]
Lapho ehlukanisa amado-
dana ka-Adamu,*[g]
Wabeka umngcele wezizwe[h]
Ecabanga ngesibalo saba-
ntwana bakwa-Israyeli.[i]
**9** Ngoba isizwe sikaJehova
siyisabelo sakhe;[j]
UJakobe uyifa lakhe.[k]
**10** Wamthola ezweni eliyi-
hlane[l]
Ogwadule olungenalutho,
olunezilwane zasendle
ezihewulayo.[m]
Wamvikela, wamnakekela,[n]
Wamqapha njengenhlamvu
yeso lakhe.[o]
**11** Njengoba nje ukhozi lunya-
kazisa isidleke salo,
Lundizela phezu kwama-
phuphu alo,
Lwelula amaphiko alo,
luwathathe,
Luwathwale ngezimpaphe
zalo,[p]
**12** NguJehova yedwa owaqhu-
beka emhola;*[q]

ISAHL. 31
a Dut 30:19
b Hlu 2:19
c Dut 28:15
d Dut 32:44

ISAHL. 32
e Joh 17:26
f 1Kr 29:11; Hu 145:3
g 2Sa 22:31; Hu 18:2; Hu 19:7; Jak 1:17
h Hu 33:5
i Dut 7:9; 1Pe 4:19
j Dut 25:16
k Gen 18:25
l Dut 31:27; Hlu 2:19; Hu 14:1
m Isay 1:4

Uhla 2
a Hu 78:8; Luk 9:41
b Isay 1:2
c Jer 4:22
d Eks 4:22; Dut 32:18; Isay 63:16
e Eks 13:14; Hu 44:1
f Gen 10:5; Hu 115:16
g Gen 11:9
h Dut 2:5, 19; IzE 17:26
i Gen 15:18; Eks 23:31
j Eks 19:5; Dut 7:6
k Hu 78:71
l Dut 8:14, 15
m Jer 2:6
n Neh 9:19, 20
o Zak 2:8
p Eks 19:4
q Dut 1:31

**32:8** *Noma kungaba, "uhlanga lwesintu." **32:12** *Okuwukuthi, uJakobe.

Kwakungekho nkulunkulu
wesinye isizwe owayeka-
nye naye.[a]
13 Wamgibelisa ezindaweni
zomhlaba eziphakeme,[b]
Ukuze adle umkhiqizo wa-
sendle.[c]
Wamondla ngoju olwaluvela
edwaleni
Nangamafutha ayevela
edwaleni eliqinile,*
14 Wamondla ngebhotela lom-
hlambi wezinkomo nobisi
lomhlambi wezimvu nezi-
mbuzi,
Nangezimvu zekhethelo,*
Nezinqama zaseBhashani
nezimpongo,
Kanye nokolweni
ocolekile;[d]
Futhi waphuza iwayini ele-
nziwe ngejusi# yamagile-
bhisi.
15 Lapho uJeshuruni* esekhu-
luphele, waqala ukudlu-
bulunda.
O Jeshuruni, usukhuluphe-
le, usumkhulu, ususuthi.[e]
Ngakho uJeshuruni wam-
shiya uNkulunkulu, owa-
mdala,[f]
Wadelela iDwala lensindiso
yakhe.
16 Bambangela ulaka ngonku-
lunkulu bezinye izizwe;[g]
Babemcasula ngezinto ezi-
nengekayo.[h]
17 Babehlabela amademoni,
hhayi uNkulunkulu,[i]
Onkulunkulu ababenga-
bazi,
Onkulunkulu abasha aba-
besanda kufika,
Onkulunkulu okhokho
benu ababengabazi.

32:13 *Noma, "lensengetsha." 32:14 *NgesiHebheru, "Nangamafutha ezimvu." #NgesiHebheru, "ngegazi." 32:15 *Incazelo: "Oqotho," isiqu esihloniphisayo sika-Israyeli.

ISAHL. 32
a Isay 43:12
b Dut 33:29
c Dut 8:7, 8
d Hu 147:14
e Dut 31:20 Neh 9:25
f Isay 1:4 Hos 13:6
g Hlu 2:12 1Kh 14:22 1Ko 10:21, 22
h 2Kh 23:13 Hez 8:17
i Lev 17:7 Hu 106:37 1Ko 10:20

Uhla 2
a Hu 106:21 Isay 17:10 Jer 2:32
b Dut 4:34
c Hlu 2:14 Hu 78:59
d Dut 31:17
e Dut 32:5 Isay 65:2 Mat 17:17
f Isay 1:2
g Hu 96:5 1Ko 10:21, 22
h 1Sa 12:10, 21
i Hos 2:23 Rom 9:25 Rom 11:11 1Pe 2:10
j Rom 10:19
k IsiL 4:11
l Amo 9:2
m Dut 28:53
n Dut 28:21, 22
o Lev 26:22

18 Wakhohlwa iDwala[a] elaku-
zala,
Awumkhumbulanga uNku-
lunkulu owakuzala.[b]
19 Lapho uJehova ekubona lo-
kho, wabalahla[c]
Ngoba amadodana namado-
dakazi akhe amcasula.
20 Ngakho wathi, 'Ngizobafu-
lathela;*[d]
Ngizoke ngibone ukuthi ba-
zoba yini.
Ngoba bayisizukulwane
esonakele,[e]
Abantwana abangathembe-
kile.[f]
21 Bangibangele ulaka* ngalo-
kho okungekona unkulu-
nkulu;[g]
Bangicasulile ngezithixo
zabo ezingathi shu.[h]
Ngakho ngizobenza babe
nesikhwele ngalokho oku-
ngesona isizwe;[i]
Ngizobacasula ngesizwe
esiyisiwula.[j]
22 Ngoba intukuthelo yami yo-
khele umlilo[k]
Ozovutha uze ufike ekuju-
leni kweThuna,*[l]
Udle umhlaba nomkhiqizo
wawo
Uthungele izisekelo zezi-
ntaba.
23 Ngizokwandisa izinhlekele-
le zabo;
Ngisebenzise imicibisholo
yami kubo.
24 Bazophela amandla ngenxa
yendlala[m]
Badliwe imfiva nayimbu-
bhiso ebangela umunyu.[n]
Ngizothumela izilwane zi-
balume,[o]

32:20 *NgesiHebheru, "Ngizobafihlela ubuso bami." 32:21 *Noma, "isikhwele." 32:22 *Noma, "kweShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

Kanye nezinyoka* ezinesi-
hlungu ezihuquzela othu-
lini.
25 Ngaphandle, inkemba iyo-
bulala abantwana babo;[a]
Ngaphakathi, abantu ba-
thukile,[b]
Kokubili insizwa nentombi,
Usana kanye nendoda esi-
mpunga.[c]
26 Ngangingathi: "Ngizobahla-
kaza;
Ngizokwenza ukuba abantu
bangabe besabakhumbu-
la,"
27 Ukube nje ngangingakha-
thazekile ngokuthi isitha
sizothini,[d]
Ngoba abaphikisana nabo
bangase bakuqonde kabi.[e]
Bangase bathi: "Sinqobe
ngamandla ethu;[f]
Akuyena uJehova owenze
konke lokhu."
28 Ngoba bayisizwe esingena-
ngqondo,*
Akukho ukuqonda phaka-
thi kwabo.[g]
29 Ukube nje bebehlakani-
phile![h] Bebeyocabangisisa
ngalokhu.[i]
Bebeyocabanga ngesiphe-
tho sabo.[j]
30 Umuntu oyedwa angabaxo-
sha kanjani abangu-1 000,
Ababili babalekise abangu-
10 000?[k]
Ngeke kwenzeke, ngapha-
ndle uma iDwala labo li-
bathengisile,[l]
UJehova enikele ngabo.
31 Ngoba idwala labo alifani
neDwala lethu,[m]
Ngisho nezitha zethu sezi-
yakwazi lokho.[n]

32:24 *Noma, "nezilwane." 32:28 *Noma kungaba, "esingasizwa iselule-
ko."

ISAHL. 32
a IsiL 1:20
b Hez 7:15
c 2Kr 36:17
IsiL 2:21
d 1Sa 12:22
Hez 20:14
e Eks 32:12
Num 14:15, 16
f Hu 115:2
g Mat 13:15
h Hu 81:13
i Hos 14:9
j Jer 2:19
k 2Kr 24:24
l Hlu 2:14
1Sa 12:9
m 1Sa 2:2
n Eks 14:25
1Sa 4:8
Ezr 1:2, 3

Uhla 2
a Jud 7
b Isay 5:4
Jer 2:21
c Rom 2:5
d Nah 1:2
Rom 12:19
Heb 10:30
e Hu 73:12, 18
f Heb 10:30
g Hlu 2:18
Hu 90:13
Hu 106:45
Hu 135:14
h Hlu 10:14
i Hos 2:8
1Ko 10:20, 21
j Isay 41:4
Isay 48:12
k Dut 4:35

32 Banjengesihlahla samagile-
bhisi esivela eSodoma
Nasemasimini aseGomora.[a]
Amagilebhisi awo angama-
gilebhisi anobuthi,
Amahlukuzo awo ayababa.[b]
33 Iwayini labo liyisihlungu
sezinyoka,
Ubuthi bezimfezi obunesi-
hluku.
34 Angikwazi yini ukuzipha-
tha kwabo
Okugcinwe kahle enqoloba-
neni yami?[c]
35 Impindiselo ingeyami, no-
kubuyisela,[d]
Ngesikhathi esimisiwe la-
pho unyawo lwabo lushe-
lela,[e]
Ngoba usuku abazokwehle-
lwa ngalo inhlekelele lu-
seduze,
Lokho okubalindele kuzofi-
ka ngokushesha.'
36 Ngoba uJehova uyokwahlu-
lela abantu bakhe,[f]
Uyozizwela* izinceku
zakhe[g]
Lapho ebona ukuthi ama-
ndla azo aphelile,
Nokuthi kusele ezingenawo
amandla okuzisiza nezi-
buthaka.
37 Uyothi, 'Baphi onkulunkulu
babo,[h]
Idwala abafuna kulo isiphe-
phelo,
38 Ababevame ukudla amano-
ni emihlatshelo yabo,*
Ukuphuza iwayini lemini-
kelo yabo ephuzwayo?[i]
Mabavuke banisize.
Mababe indawo yenu yesi-
phephelo.
39 Mina ngingu Nkulunkulu,[j]
Abekho abanye onkulunku-
lu ngaphandle kwami.[k]

32:36 *Noma, "Uyozidabukela." 32:38 *Noma, "imihlatshelo yabo yekhethelo."

Ngiyabulala futhi ngiphilise.[a]
Ngiyalimaza[b] futhi ngizokwelapha,[c]
Akekho ongasindisa noma ubani esandleni sami.[d]
40 Ngoba ngiphakamisela isandla sami ezulwini,
Ngiyafunga ngithi: "Njengoba nakanjani ngizophila kuze kube phakade,"[e]
41 Uma ngilola inkemba yami ebenyezelayo
Ngizolungela ukwahlulela,[f]
Ngizophindisela kwabaphikisana nami[g]
Ngiphindisele kulabo abangizondayo.
42 Ngizodakisa imicibisholo yami ngegazi,
Ngegazi lababulewe nezithunjwa.
Inkemba yami izodla inyama,
Namakhanda abaholi besitha.'
43 Thokozani nina zizwe kanye nesizwe sakhe,[h]
Ngoba uyophindiselela igazi lezinceku zakhe,[i]
Futhi uyophindisela kwabaphikisana naye[j]
Alenzele isihlawulelo* izwe lesizwe sakhe."

44 Ngakho uMose weza waphinde wawasho wonke amazwi ale ngoma kuzwa abantu,[k] yena noHosheya*[l] indodana kaNuni. 45 Ngemva kokuba uMose eseqedile ukukhuluma wonke la mazwi kuwo wonke u-Israyeli, 46 wathi kuye: "Wafake enhliziyweni wonke amazwi engikuxwayisa ngawo namhlanje,[a] ukuze uyale abantwana bakho ukuba baqikelele ukuthi bawenza wonke amazwi alo Mthetho.[b] 47 Ngoba lawa akuwona amazwi angelona usizo kuwe kodwa awukuphila kwakho[c] futhi ngala mazwi ungaphila isikhathi eside ezweni owela iJordani ukuyolithatha."

48 UJehova wakhuluma noMose ngalo lolu suku, wathi:
49 "Yenyukela kule ntaba yaseAbharimi,[d] iNtaba iNebo[e] esezweni lakwaMowabi, ebheke ngaseJeriko, ubone izwe laseKhanani engilinika ama-Israyeli njengefa.[f]
50 Ngemva kwalokho uzofela kule ntaba osuzoyenyuka, ungcwatshwe nabantu bakini,* njengoba nje noAroni umfowenu afela eNtabeni iHori[g] wangcwatshwa nabantu bakubo,
51 ngoba nobabili anithembekanga kimi phakathi kwama-Israyeli emanzini aseMeriba[h] laseKadeshi ehlane laseZini, ngenxa yokuthi aningingcwelisanga phambi kwama-Israyeli.[i]
52 Uzolibona leli zwe ukude, kodwa ngeke ungene ezweni engilinika isizwe sakwa-Israyeli."[j]

33 Yilesi isibusiso uMose umuntu kaNkulunkulu weqiniso asisho kuma-Israyeli ngaphambi kokufa kwakhe.[k]
2 Wathi:
"UJehova—weza evela eSinayi,[l]
Wakhanya phezu kwabo eseSeyiri.
Wakhanya ngenkazimulo esesifundeni esinezintaba sasePharanu,[m]
Kwakukhona amashumi ezinkulungwane ezingcwele kanye naye,[n]

32:43 *Noma, "Ahlanze." 32:44 *Igama langempela likaJoshuwa. Elithi Hosheya liyisifushaniso selithi Hoshaya, elisho ukuthi "Osindiswe UJah; UJah Usindisile."

32:50 *NgesiHebheru, "ubuthelwe kubantu bakini." Lena inkulumo esankondlo emayelana nokufa.

ISAHL. 32
a 1Sa 2:6; Hu 68:20
b 2Kr 21:16, 18
c Num 12:13; Jer 17:14
d Isay 43:13
e 1Ti 1:17; IsA 10:5, 6
f Nah 1:3
g Isay 1:24; Isay 59:18
h Gen 12:2, 3; 1Kh 8:43; Rom 3:29; Rom 15:10
i 2Kh 9:7; IsA 6:10
j Mik 5:15
k IsA 15:3
l Num 11:28; Dut 31:22, 23

Uhla 2
a Dut 11:18
b Dut 6:6, 7
c Lev 18:5; Dut 30:19; Rom 10:5
d Num 27:12
e Dut 34:1
f Gen 10:19; Gen 15:18; Jos 1:3
g Num 20:28; Num 33:38
h Num 20:12, 13
i Lev 22:32; Isay 8:13
j Num 27:13, 14; Dut 3:27; Dut 34:4, 5

ISAHL. 33
k Gen 49:28
l Eks 19:18
m Hab 3:3
n Dan 7:10; Jud 14

Esandleni sakhe sokudla
kukhona amaqhawe
akhe.[a]
3 Wayebathanda abantu bakhe;[b]
Bonke abangcwele babo basesandleni sakho.[c]
Babehleli ezinyaweni zakho;[d]
Baqala ukulalela amazwi
akho.[e]
4 (UMose wasinika umyalo,
umthetho,[f]
Waba ifa lebandla likaJakobe.)[g]
5 UNkulunkulu waba inkosi
eJeshuruni,*[h]
Lapho izinhloko zabantu zibuthana ndawonye,[i]
Kanye nazo zonke izizwe
zakwa-Israyeli.[j]
6 Makaphile uRubeni angafi,[k]
Kwangathi amadoda akhona angangaba mbalwa."[l]

7 Yilesi isibusiso asisho ku-
Juda:[m]

"O Jehova, yizwa izwi lika-Juda,[n]
Kwangathi ungambuyisela
kubantu bakubo.
Izingalo zakhe zikulwele
okungokwakhe,
Kwangathi ungamsiza amelane nabaphikisana
naye."[o]

8 Ngokuqondene noLevi wa-
thi:[p]

"IThumimi lakho* ne-Urimi
lakho[q] kungokomuntu
oqotho kuwe,[r]
Owamvivinya eMasa.[s]
Waqala ukuphikisana naye
ngasemanzini aseMeriba,[t]
9 Umuntu owathi kuyise nonina, 'Angikhathazekanga
ngabo.'
Ngisho nabafowabo akabavumanga,[a]
Abantwana bakhe akabanakanga.
Ngoba baligcina izwi lakho,
Bagcina nesivumelwano sakho.[b]
10 Mabafundise uJakobe ngezinqumo zakho zokwahlulela[c]
No-Israyeli ngoMthetho wakho.[d]
Mabanikele impepho
ibe iphunga elimnandi
kuwe*[e]
Banikele nomnikelo ophelele phezu kwe-altare lakho.[f]
11 O Jehova, busisa amandla
akhe,
Kwangathi ungawujabulela
umsebenzi wezandla zakhe.
Fahlaza imilenze* yalabo
abamelana naye,
Ukuze labo abamzondayo
bangaphinde bamelane
naye."

12 Ngokuqondene noBhenja-
mini wathi:[g]

"Othandekayo kaJehova
makahlale ngakuye ngokuphepha;
Kuyilapho emkhoselisa
usuku lonke,
Uyohlala emhlane wakhe."*

13 Ngokuqondene noJosefa
wathi:[h]

"Kwangathi izwe lakhe lingabusiswa uJehova[i]
Ngezinto zekhethelo zezulu,
Ngamazolo nangamanzi
avela eziphethwini,[j]

---

33:5 *Incazelo: "Oqotho," isiqu esihloniphisayo sika-Israyeli. 33:8 *Elithi "lakho" nelithi "kuwe" kuleli vesi abhekisela kuNkulunkulu.

33:10 *NgesiHebheru, "emakhaleni akho." 33:11 *Noma, "izinqulu." 33:12 *NgesiHebheru, "phakathi kwamahlombe akhe."

ISAHL. 33
a Hu 68:17
b Dut 7:8; Hos 11:1
c Eks 19:6
d Eks 19:23
e Eks 20:19
f Eks 24:8
g Dut 4:8; IzE 7:53
h Isay 44:2
i Eks 18:25; Eks 19:7
j Num 1:44, 46
k Gen 49:3
l Num 26:7; Jos 13:15
m Gen 49:8; 1Kr 5:2
n Hu 78:68
o Hlu 1:2; 2Sa 7:8, 9
p Gen 49:5; Num 3:12
q Eks 28:30; Lev 8:6, 8
r Eks 32:26
s Eks 17:7
t Num 20:13

Uhla 2
a Eks 32:27; Lev 10:6, 7
b Mal 2:4, 5
c Dut 17:9
d 2Kr 17:8, 9; Mal 2:7
e Eks 30:7; Num 16:40
f Lev 1:9
g Gen 49:27
h Gen 49:22
i Jos 16:1
j Gen 49:25

14 Ngezinto zekhethelo ezi-
khuliswe ilanga
Nesivuno sekhethelo se-
nyanga ngayinye,[a]
15 Ngezinto zekhethelo ezive-
la ezintabeni zasendulo*[b]
Nangezinto zekhethelo za-
magquma ami njalo,
16 Ngezinto zekhethelo zom-
hlaba nokugcwele kuwo,[c]
Nangokwamukelwa yiLowo
ohlala esihlahleni sa-
meva.*[d]
Kwangathi zingehlela phe-
zu kwekhanda likaJosefa,
Phezu kokhakhayi lwalowo
owakhethwa
kubafowabo.[e]
17 Ubukhazikhazi bakhe
bunjengobenkunzi eyizi-
bulo,
Izimpondo zakhe ziyizi-
mpondo zenkunzi yase-
ndle.
Uyogwaza* ngazo izizwe
Uyozisunduzela emaphe-
thelweni omhlaba zonke
ngothi lwazo.
Zingamashumi ezinkulu-
ngwane zika-Efrayimi,[f]
Ziyizinkulungwane zikaMa-
nase."
18 Ngokuqondene noZebhu-
loni wathi:[g]
"O Zebhuloni, jabula eku-
phumeni kwakho,
Nawe Isakare, ematendeni
akho.[h]
19 Bayobizela izizwe entabeni.
Bayoyinikela khona imihla-
tshelo yokulunga.
Ngoba bayothatha* emce-
bweni omningi wezilwa-
ndle
Nasengcebweni* efihliwe
esesihlabathini."
20 Ngokuqondene noGadi
wathi:[a]
"Ubusisiwe oyenza ibe ba-
nzi imingcele kaGadi.[b]
Ulala khona njengebhu-
besi,
Elilungele ukudwengula
ingalo nokhakhayi.
21 Uyozikhethela ingxenye yo-
kuqala,[c]
Ngoba isabelo somniki-mi-
thetho sigcinwe lapho.[d]
Izinhloko zabantu ziyoqo-
qana ndawonye.
Uyokwenza ukulunga kuka-
Jehova,
Nezinqumo zakhe zokwa-
hlulela ku-Israyeli."
22 Ngokuqondene noDani
wathi:[e]
"UDani uyiwundlu lebhu-
besi.[f]
Uyogxuma aphume eBha-
shani."[g]
23 Ngokuqondene noNafeta-
li wathi:[h]
"UNafetali wanelisekile
ngokwamukelwa uJe-
hova,
Ugcwele isibusiso sakhe.
Yidla ifa lezwe lasentsho-
nalanga nelaseningizi-
mu."
24 Ngokuqondene no-Asheri
wathi:[i]
"U-Asheri ubusiswe ngama-
dodana.
Kwangathi abafowabo ba-
ngambonisa umusa,
Kwangathi angacwilisa* izi-
nyawo zakhe emafutheni.
25 Izihluthulelo zamasango
akho ziyinsimbi nethusi,[j]
Uyovikeleka ukuphila kwa-
kho konke.

33:15 *Noma kungaba, "ezintabeni zasempumalanga." 33:16 *Noma, "somunga." 33:17 *Noma, "Uyosunduza." 33:19 *NgesiHebheru, "bayoncela."

33:19 *Noma, "Nasemagugwini." 33:24 *Noma, "angageza."

ISAHL. 33
a Lev 26:5; Hu 65:9
b Jos 17:17, 18
c Dut 8:7, 8
d Eks 3:4; IzE 7:30
e Gen 37:7; Gen 49:26; 1Kr 5:1, 2
f Gen 48:19, 20
g Gen 49:13
h Gen 49:14

Uhla 2
a Gen 49:19
b Jos 13:24-28
c Num 32:1-5
d Jos 22:1, 4
e Gen 49:16
f Hlu 13:2, 24; Hlu 15:8, 20; Hlu 16:30
g Jos 19:47
h Gen 49:21
i Gen 49:20
j Dut 8:7, 9

26 Akekho onjengoNkulu-
nkulu weqiniso[a] kaJeshu-
runi,[b]
Ohamba anqamule amazu-
lu ukuze akusize,
Okhuphuka emafwini nga-
mandla akhe amakhulu.[c]
27 UNkulunkulu uyindawo ye-
siphephelo kusukela
endulo,[d]
Izingalo zakhe zaphakade
ziyakusekela.[e]
UNkulunkulu uyoxosha isi-
tha phambi kwakho,[f]
Uyothi, 'Babhuqe!'[g]
28 U-Israyeli uyohlala ngoku-
phepha,
Umthombo kaJakobe uyo-
hlala wodwa,
Ezweni lokudla okusanhla-
mvu newayini elisha,[h]
Okuyoconsa kulo amazolo
evela esibhakabhakeni.[i]
29 Uyajabula, Israyeli![j]
Ubani onjengawe,[k]
Isizwe esijabulela insindiso
kuJehova,[l]
Ihawu lakho
elikuvikelayo,[m]
Nenkemba yakho enkulu?
Izitha zakho ziyothithibala
phambi kwakho,[n]
Futhi wena uyonqoba izi-
ndawo zazo eziphakeme."

34 Ngemva kwalokho uMo-
se wenyuka esuka ema-
thafeni awugwadule akwaMowa-
bi waya eNtabeni iNebo,[o] esiqo-
ngweni sePhisiga,[p] ebheke iJeri-
ko.[q] UJehova wambonisa lo-
nke izwe, kusukela eGileyadi
kuze kufike kwaDani,[r]
2 noNa-
fetali wonke nezwe lika-Efrayimi
nelikaManase, nalo lonke izwe
likaJuda kuze kufike olwandle
olusentshonalanga,*[s]
3 neNe-
gebhi[t] neSifunda SaseJordani,[u]
ithafa laseJeriko, idolobha lezi-
hlahla zesundu kuze kufike eZo-
wari.[a]
4 UJehova wabe esethi kuye:
"Nanti izwe engifunge nga-
lo ku-Abrahama, u-Isaka noJa-
kobe, ngithi, 'Ngiyolinika inza-
lo* yakho.'[b] Ngikuvumele uku-
ba ulibone ngamehlo akho, ko-
dwa ngeke uwelele kulo."[c]
5 Ngemva kwalokho uMose
inceku kaJehova wafela lapho
ezweni lakwaMowabi njengoba
nje uJehova ayeshilo.[d]
6 Wam-
ngcwaba esigodini ezweni la-
kwaMowabi, phambi kweBheti-
peyori, futhi akekho owazi-
yo ukuthi ithuna lakhe likuphi
kuze kube namuhla.[e]
7 UMose
wayeneminyaka engu-120 ubu-
dala ngesikhathi efa.[f] Amehlo
akhe ayengakanqundeki, nama-
ndla akhe ayengakapheli.
8 Isi-
zwe sakwa-Israyeli samlilela izi-
nsuku ezingu-30[g] uMose ema-
thafeni awugwadule akwaMo-
wabi. Ngemva kwalokho zaphe-
la izinsuku zokukhalela nokulile-
la uMose.
9 UJoshuwa indodana kaNu-
ni wayegcwele ukuhlakanipha,*
ngoba uMose wayebeke isandla
sakhe phezu kwakhe;[h] ama-Isra-
yeli aqala ukumlalela, enza
njengoba nje uJehova ayemya-
lile uMose.[i]
10 Kodwa akaka-
ze abe khona umprofethi
onjengoMose kwa-Israyeli,[j] uJe-
hova ayemazi ubuso nobuso.[k]
11 Wazenza zonke izibonakaliso
nezimangaliso uJehova ayem-
thume ukuba azenze ezweni la-
seGibhithe kuFaro nakuzo zo-
nke izinceku zakhe nakulo lonke
izwe lakhe,[l]
12 kanye nezenzo
ezinamandla uMose azenza na-
mandla amangalisayo awaboni-
sa phambi kwamehlo awo wo-
nke u-Israyeli.[m]

34:2 *Okuwukuthi, uLwandle Olukhulu, iMedithera.

34:4 *NgesiHebheru, "imbewu." 34:9 *Noma, "ukuhlakanipha ayekunikwe amandla kaNkulunkulu."

ISAHL. 33
a Eks 15:11
b Isay 44:2
c Hu 68:32-34
d Hu 46:11; Hu 91:2
e Isay 40:11
f Dut 9:3
g Dut 31:3, 4
h Dut 8:7, 8
i Dut 11:11
j Hu 33:12; Hu 144:15; Hu 146:5
k Dut 4:7; 2Sa 7:23; Hu 147:20
l Hu 27:1; Isay 12:2
m Hu 115:9
n Hu 66:3

ISAHL. 34
o Dut 32:49
p Dut 3:27
q Num 36:13
r Hlu 18:29
s Eks 23:31; Num 34:2, 6; Dut 11:24
t Jos 15:1
u Gen 13:10

Uhla 2
a Gen 19:22, 23
b Gen 12:7; Gen 26:3; Gen 28:13
c Num 20:12
d Dut 32:50; Jos 1:2
e Jud 9
f Dut 31:1, 2; IzE 7:23; IzE 7:30, 36
g Num 20:29
h Dut 31:14; 1Ti 4:14
i Num 27:18, 21; Jos 1:16
j Dut 18:15; IzE 3:22; IzE 7:37
k Eks 33:11; Num 12:8
l Dut 4:34
m Dut 26:8; Luk 24:19

# UJOSHUWA

**UHLU LOKUPHAKATHI**

1 UJehova ukhuthaza uJoshuwa (1-9)
  Funda uMthetho ngezwi eliphansi (8)
Ukulungiselela ukuwela iJordani (10-18)

2 UJoshuwa uthumela izinhloli ezimbili eJeriko (1-3)
URahabi ufihla izinhloli (4-7)
Isithembiso esiya kuRahabi (8-21a)
  Intambo ebomvu ewuphawu (18)
Izinhloli zibuyela kuJoshuwa (21b-24)

3 U-Israyeli uwela iJordani (1-17)

4 Amatshe azoba yisikhumbuzo (1-24)

5 Ukusokwa eGiligali (1-9)
Kugujwa iphasika; imana liyanqamuka (10-12)
Isikhulu sebutho likaJehova (13-15)

6 Udonga lwaseJeriko luyawa (1-21)
URahabi nomndeni wakhe bayasinda (22-27)

7 U-Israyeli uyanqotshwa e-Ayi (1-5)
Umthandazo kaJoshuwa (6-9)
Isono esibangele ukuba u-Israyeli anqotshwe (10-15)
U-Akhani uyadalulwa bese eshaywa ngamatshe (16-26)

8 UJoshuwa ubeka abaqamekeli abazohlasela i-Ayi (1-13)
I-Ayi liyanqotshwa (14-29)
Kufundwa uMthetho eNtabeni i-Ebhali (30-35)

9 AbaseGibheyoni abahlakaniphile bafuna ukuthula (1-15)
Ubuqili babaseGibheyoni buhlala obala (16-21)
AbaseGibheyoni bazotheza izinkuni bakhe namanzi (22-27)

10 U-Israyeli uvikela abaseGibheyoni (1-7)
UJehova ulwela u-Israyeli (8-15)
  Isichotho siwela ezitheni ezibalekayo (11)
  Ilanga liyama (12-14)
Amakhosi amahlanu ahlaselayo ayabulawa (16-28)
Amadolobha aseningizimu ayanqotshwa (29-43)

11 Amadolobha asenyakatho ayanqotshwa (1-15)
Ukufingqwa kokunqoba kukaJoshuwa (16-23)

12 Amakhosi anqotshwa empumalanga yeJordani (1-6)
Amakhosi anqotshwa entshonalanga yeJordani (7-24)

13 Izwe elingakanqotshwa (1-7)
Ukwabiwa kwezwe elisempumalanga yeJordani (8-14)
Ifa likaRubeni (15-23)
Ifa likaGadi (24-28)
Ifa likaManase empumalanga (29-32)
UJehova uyifa lamaLevi (33)

14 Ukwabiwa kwezwe elisentshonalanga yeJordani (1-5)
UKalebi uthola iHebroni njengefa (6-15)

15 Ifa likaJuda (1-12)
Indodakazi kaKalebi ithola indawo (13-19)
Amadolobha akwaJuda (20-63)

16 Ifa lesizukulwane sikaJosefa (1-4)
Ifa lika-Efrayimi (5-10)

17 Ifa likaManase elisentshonalanga (1-13)
Elinye izwe lesizukulwane sikaJosefa (14-18)

18 Izwe elisele liyabiwa eShilo (1-10)
Ifa likaBhenjamini (11-28)

19 Ifa likaSimeyoni (1-9)
Ifa likaZebhuloni (10-16)
Ifa lika-Isakare (17-23)
Ifa lika-Asheri (24-31)
Ifa likaNafetali (32-39)
Ifa likaDani (40-48)
Ifa likaJoshuwa (49-51)

20 Amadolobha esiphephelo (1-9)

21 Amadolobha amaLevi (1-42)
  Awesizukulwane sika-Aroni (9-19)
  Awawo wonke amaKohati (20-26)
  AwabakwaGereshoni (27-33)
  AwabakwaMerari (34-40)
Izithembiso zikaJehova zigcwalisekile (43-45)

22 Izizwe ezisempumalanga zibuyela emizini yazo (1-8)
- Kwakhiwa i-altare eJordani (9-12)
- Kuyachazwa ukuthi elokwenzani i-altare (13-29)
- Ingxabano iyaxazululwa (30-34)

23 UJoshuwa uyavalelisa kubaholi bama-Israyeli (1-16)
- Alikho nelilodwa izwi likaJehova elingagcwalisekanga (14)

24 UJoshuwa ukhuluma ngomlando ka-Israyeli (1-13)
- Bakhuthazwa ukuba bakhonze uJehova (14-24)
  - "Kepha mina nomndeni wami, sizokhonza uJehova" (15)
- Isivumelwano sikaJoshuwa no-Israyeli (25-28)
- UJoshuwa uyafa angcwatshwe (29-31)
- Amathambo kaJosefa angcwatshwa eShekemi (32)
- U-Eleyazare uyafa angcwatshwe (33)

---

**1** Ngemva kokufa kukaMose
inceku kaJehova, uJeho-
va wathi kuJoshuwa*[a] indoda-
na kaNuni, isikhonzi[b] sikaMo-
se: **2** "UMose inceku yami ufi-
le.[c] Manje sukuma, uwele iJo-
rdani, wena naso sonke lesi si-
zwe, uye ezweni engisinika lona,
engilinika ama-Israyeli.[d] **3** Ngi-
zoninika zonke izindawo eninya-
thela kuzo, njengoba nje ngathe-
mbisa uMose.[e] **4** Indawo yenu
izosuka ehlane ize iyofika eLe-
bhanoni nasemfuleni omkhulu,
i-Ewufrathe—lonke izwe lama-
Heti[f]—ize ifike oLwandle Olu-
khulu* entshonalanga.[g] **5** Ake-
kho oyokwazi ukumelana nawe
uma nje usaphila.[h] Ngizoba
nawe, njengoba nje ngaba no-
Mose.[i] Ngeke ngikulahle noma
ngikushiye.[j] **6** Yiba nesibindi
uqine,[k] ngoba nguwe ozokwenza
ukuba lesi sizwe sithathe izwe
engafunga kokhokho baso uku-
thi ngizobanika lona.[l]

**7** "Kuphela nje yiba nesibindi
uqine, uwugcine ngokucophele-
la wonke uMthetho uMose ince-
ku yami akuyala ngawo. Unga-
phambuki kuwo uye ngakwe-
sokudla noma ngakwesobunxe-
le,[a] ukuze wenze ngokuhlakani-
pha nomaphi lapho uya kho-
na.[b] **8** Akufanele uyeke uku-
khuluma[c] ngale ncwadi yoMthe-
tho, kumele uyifunde ngezwi eli-
phansi* ubusuku nemini, uku-
ze ukugcine ngokucophelela ko-
nke okulotshwe kuyo;[d] ngoba
uma wenza kanjalo uyophu-
melela futhi uyokwenza ngo-
kuhlakanipha.[e] **9** Angikuyala-
nga yini? Kuphela yiba nesibindi
uqine. Ungethuki noma wesa-
be, ngoba uJehova uNkulunku-
lu wakho unawe nomaphi lapho
uya khona."[f]

**10** UJoshuwa wabe eseya-
la izikhulu zabantu, wathi:
**11** "Nqamulani ekamu nitshe-
le abantu nithi, 'Lungisani um-
phako, ngoba ezinsukwini ezi-
ntathu kusuka manje nizowela
iJordani ukuze ningene nitha-
the izwe uJehova uNkulunkulu
wenu aninika lona ukuba libe
ngelenu.'"[g]

**12** KwabakwaRubeni, aba-
kwaGadi nakuhhafu wesi-
zwe sakwaManase, uJoshuwa
wathi: **13** "Khumbulani lokho
uMose inceku kaJehova aniyala

---

1:1 *Noma, "kuJehoshuwa," okusho ukuthi "UJehova Uyinsindiso." 1:4 *Okuwukuthi, iMedithera.

1:8 *Noma, "uzindle ngayo."

**ISAHL. 1**
a Dut 31:14
b Eks 24:13; Num 11:28
c Dut 34:5
d Dut 3:28
e Dut 11:24
f Num 13:29
g Gen 15:18; Eks 23:31; Num 34:2, 3; Dut 1:7; Jos 15:1, 4
h Dut 7:24; Dut 11:25
i Eks 3:12; Jos 3:7
j Dut 31:6
k Dut 31:23
l Gen 12:7; Gen 15:18; Gen 26:3

**Uhla 2**
a Dut 5:32
b Dut 29:9; 1Kh 2:3
c Dut 6:6; Dut 30:14
d Dut 17:18, 19; Hu 1:1, 2; 1Ti 4:15; Jak 1:25
e 1Kr 22:13
f Eks 23:27; Dut 31:7, 8
g Dut 9:1; Jos 3:2, 3

ngakho,[a] ethi: ‘UJehova uNku-
lunkulu wenu uninika ukuphu-
mula futhi uninike leli zwe.
**14** Omkenu, izingane zenu ne-
mfuyo yenu bazohlala ezwe-
ni uMose aninike lona nga-
neno* kweJordani,[b] kodwa no-
nke nina madoda angamaqha-
we[c] nizowela nihlomele impi ni-
hambe phambi kwabafowenu.[d]
Kumele nibasize **15** kuze kube
yilapho uJehova esenike abafo-
wenu ukuphumula njengoba nje
eninikile nani futhi nabo sebe-
lithathile izwe uJehova uNku-
lunkulu wenu abanika lona.
Ngemva kwalokho ningabuyela
ezweni enilinikiwe ukuba nili-
thathe libe ngelenu, izwe uMo-
se inceku kaJehova aninika
lona elisempumalanga yeJor-
dani.’”[e]

**16** Baphendula bathi kuJo-
shuwa: “Konke osiyale ngakho
sizokwenza, futhi sizoya no-
maphi lapho usithuma kho-
na.[f] **17** Njengoba nje samlale-
la uMose kukho konke aku-
sho, sizokulalela nawe. Kwa-
ngathi uJehova uNkulunkulu
wakho angaba nawe njengoba
nje aba noMose.[g] **18** Noma yi-
muphi umuntu ophikisana no-
myalo wakho nongayilaleli yo-
nke imiyalo yakho uyobulawa.[h]
Wena nje yiba nesibindi uqine.”[i]

**2** UJoshuwa indodana kaNu-
ni wathuma ngasese ama-
doda amabili ayizinhloli, esuka
eShithimi.[j] Wathi kuwo: “Ha-
mbani niyohlola izwe, ikakhu-
lukazi iJeriko.” Ngakho aha-
mba afika endlini yowesifaza-
ne oyisifebe okuthiwa uRaha-
bi,[k] ahlala khona. **2** Inkosi ya-
seJeriko yatshelwa kwathiwa:
“Namuhla ebusuku kufike ama-
doda akwa-Israyeli ezohlola
izwe.” **3** Inkosi yaseJeriko ya-

**1:14; 2:10** *Okuwukuthi, ngasempuma-
langa.

ISAHL. 1
a Num 32:20-22 Jos 22:1-4
b Dut 3:19, 20 Dut 29:8 Jos 13:8
c Num 1:3 Num 26:2
d Dut 3:18
e Num 32:33 Jos 22:4, 9
f Num 32:17, 25
g Num 27:18, 20 Dut 34:9
h Dut 17:12
i Dut 31:7 Jos 1:6, 9

ISAHL. 2
j Num 25:1 Num 33:49
k Jos 6:17 Mat 1:5 Heb 11:31 Jak 2:25

Uhla 2
a Hlu 3:28 Hlu 12:5
b Eks 3:8
c Eks 23:27 Dut 2:25 Dut 11:25
d Eks 15:15 Jos 5:1
e Eks 14:21 Eks 15:13, 14
f Num 21:21-24
g Num 21:33, 34 Dut 3:3 Jos 9:9, 10

thumela umyalezo kuRahabi,
yathi: “Khipha amadoda afike-
le endlini yakho, ngoba azohlo-
la lonke izwe.”

**4** Kodwa owesifazane wawa-
thatha lawo madoda amabi-
li wawacashisa. Wabe esethi:
“Yebo, afikile kimi lawo mado-
da, kodwa bengingazi ukuthi
avelaphi. **5** Kuthe sekuhlwile
lapho isango ledolobha selizo-
valwa, lawo madoda ahamba.
Angazi ukuthi ayephi, kodwa
uma ningaphuthuma niwajahe,
nizowafica.” **6** (Nokho, waye-
wanyusele phezu kwendlu, wa-
wafihla ezithungweni zefilaki-
si* ezazibekwe ngokulandela-
na phezu kwendlu.) **7** Nga-
kho amadoda ayethunywe yi-
nkosi awajaha ehamba nge-
ndlela eya eJordani emazibu-
kweni,[a] isango lavalwa ngemva
nje kokuba labo abawajahayo
sebephumile.

**8** Ngaphambi kokuba ama-
doda alale, uRahabi wakhu-
phukela kuwo phezu kwendlu.
**9** Wathi kuwo: “Ngiyazi ukuthi
uJehova uzoninika leli zwe,[b]
futhi sethuke kakhulu ngenxa
yenu.[c] Zonke izakhamuzi zaku-
le ndawo ziphele amandla nge-
nxa yenu,[d] **10** ngoba siyizwi-
le indlela uJehova omisa nga-
yo amanzi oLwandle Olubomvu
phambi kwenu lapho niphuma
eGibhithe,[e] sezwa nangalokho
enakwenza emakhosini amabi-
li ama-Amori, uSihoni[f] no-Ogi,[g]
enawaqothula ngapheseya*
kweJordani. **11** Lapho sizwa
ngakho, saphela amandla* fu-
thi akekho noyedwa olungam-
shayi uvalo# ngenxa yenu, ngo-

**2:6** *Isitshalo esasilinywa kusukela ezi-
khathini zasendulo. Sasisetshenzise-
lwa ukwenza indwangu yelineni. **2:11**
*NgesiHebheru, “izinhliziyo zethu za-
ncibilika.” #NgesiHebheru, “futhi aku-
savuki moya kumuntu.”

ba uJehova uNkulunkulu wenu
unguNkulunkulu emazulwini
phezulu naphansi emhlabeni.[a]
**12** Manje ngicela nifunge ega-
meni likaJehova ukuthi, nge-
nxa yokuthi nginibonise umu-
sa, nani nizowubonisa umusa
umndeni wakithi, futhi kume-
le ninginike isiqinisekiso* uku-
ze ngazi ukuthi nizosigcina isi-
thembiso senu. **13** Kumele ni-
sindise ubaba nomama, abafo-
wethu nodadewethu nabo bo-
nke abahlala nabo, kumele ni-
sisindise ekufeni."[b]

**14** La madoda athi kuye:
"Kuzofa thina esikhundleni
senu! Uma ningeke niyidalu-
le le ndaba yethu, sizonibo-
nisa umusa futhi sethembe-
ke kini lapho uJehova esinika
leli zwe." **15** Ngemva kwalo-
kho wawehlisa ngentambo efa-
siteleni, ngoba indlu yakhe ya-
yixhumene nodonga lwedolo-
bha. Empeleni, wayehlala phe-
zulu odongeni.[c] **16** Wabe ese-
thi kuwo: "Hambani niye ezi-
ntabeni, nicashe khona izinsu-
ku ezintathu, ukuze labo aba-
nijahayo banganitholi. Kuyothi
uma sebebuyile, bese niqhube-
ka nendlela yenu."

**17** La madoda athi kuye:
"Sizobopheka ukugcina isifu-
ngo osifungise sona[d] **18** ku-
phela uma kuzothi lapho sifika
kule ndawo, sikuthole ubophe-
le le ntambo ebomvu efasite-
leni ozosehlisa ngalo. Kufanele
uqoqele uyihlo, unyoko, abafo-
wenu nawo wonke umndeni ka-
yihlo endlini yakho.[e] **19** Uma
kwenzeka kuba khona ophu-
mela ngaphandle kweminyango
yendlu yakho, igazi lakhe liyo-
ba sekhanda lakhe, thina nge-
ke sibe nacala. Kodwa uma ku-
ngake kulimale noma* ubani
onawe endlini, igazi lakhe liyo-
ba semakhanda ethu. **20** Ko-
dwa uma ungayidalula le ndaba
yethu,[a] ngeke sibe nacala ngo-
kuphathelene nesifungo osi-
fungise sona." **21** Waphendu-
la wathi: "Makube njengama-
zwi enu."

Wabe esewadedela ahamba.
Ngemva kwalokho, wabophe-
la intambo ebomvu efasiteleni.
**22** Ngakho ahamba aya ezinta-
beni afike ahlala khona izinsu-
ku ezintathu, kwaze kwaba yi-
lapho ababewajaha sebebuye-
le emuva. Ababewajaha babe-
wacinge kuyo yonke imigwaqo,
kodwa abawatholanga. **23** La
madoda amabili abe esehla
ezintabeni awela umfula aze
ayofika kuJoshuwa indodana
kaNuni. Amlandisa zonke izi-
nto ezazenzeke kuwo. **24** Abe
esethi kuJoshuwa: "UJehova
usinike lonke izwe.[b] Empeleni,
zonke izakhamuzi zendawo zi-
phele amandla ngenxa yethu."[c]

**3** Khona-ke uJoshuwa wavu-
ka kusesekuseni, yena nawo
wonke ama-Israyeli,* basuka
eShithimi[d] bahamba baze ba-
yofika eJordani. Balala lapho
ngalobo busuku abazange ba-
wele.

**2** Ngemva kwezinsuku ezi-
ntathu, izikhulu[e] zanqamula
ekamu **3** zayala abantu, za-
thi: "Lapho nje nibona umpho-
ngolo wesivumelwano sikaJeho-
va uNkulunkulu wenu uthwelwe
abapristi abangamaLevi,[f] kume-
le nisuke lapho nikhona niwula-
ndele. **4** Kodwa kumele niqhe-
le kuwo ngamamitha angaba
ngu-890;* ningasondeli kuwo

ISAHL. 2
*a* Dut 4:39; 2Kr 20:6; Dan 4:35
*b* Jos 6:23
*c* Heb 11:31
*d* Num 30:2
*e* Jos 6:23

Uhla 2
*a* Jos 2:14
*b* Eks 23:31; Jos 6:2; Jos 21:44
*c* Eks 15:14-16; Jos 2:9-11; Jos 5:1

ISAHL. 3
*d* Num 25:1; Jos 2:1
*e* Dut 1:15; Jos 1:10, 11
*f* Num 4:15; 1Kr 15:2

**2:12** *Noma, "uphawu engingalwethemba."

**2:19** *Noma, "uma kungaba khona obeka isandla kunoma." **3:1** *NgesiHeberu, "amadodana ka-Israyeli." **3:4** *Izingalo ezingaba ngu-2 000. Bheka iSithasiselo B14.

ukuze nikwazi ukubona indlela
okufanele nihambe ngayo, ngo-
ba niyaqala ukuhamba ngale
ndlela."
**5** UJoshuwa wabe esethi ku-
bantu: "Zingcweliseni,[a] ngoba
kusasa uJehova uzonenzela izi-
nto ezimangalisayo."[b]
**6** Khona-ke uJoshuwa wathi
kubapristi: "Thathani umpho-
ngolo[c] wesivumelwano niha-
mbe phambi kwabantu." Nga-
kho bawuthatha umphongolo
wesivumelwano bahamba pha-
mbi kwabantu.
**7** UJehova wathi kuJoshu-
wa: "Namuhla ngizoqala uku-
kwenza ube mkhulu emehlwe-
ni ka-Israyeli wonke,[d] ukuze azi
ukuthi ngizoba nawe[e] njengo-
ba nje ngaba noMose.[f] **8** Ku-
fanele uyale abapristi abathwe-
le umphongolo wesivumelwa-
no, uthi: 'Lapho nifika osebeni
lomfula iJordani, kufanele ni-
ngene phakathi emanzini nime
khona.'"[g]
**9** UJoshuwa wathi kuma-
Israyeli: "Sondelani lapha nila-
lele amazwi kaJehova uNkulu-
nkulu wenu." **10** Ngemva kwa-
lokho uJoshuwa wathi: "Ngalo-
khu nizokwazi ukuthi uNkulu-
nkulu ophilayo uphakathi kwe-
nu,[h] nokuthi nakanjani uzowa-
xosha phambi kwenu amaKha-
nani, amaHeti, amaHivi, ama-
Pherizi, amaGirigashi, ama-
Amori namaJebusi.[i] **11** Um-
phongolo wesivumelwano we-
Nkosi yomhlaba wonke uzo-
hamba phambi kwenu ungene
eJordani. **12** Manje thathani
amadoda angu-12 ezizweni za-
kwa-Israyeli, indoda eyodwa
esizweni ngasinye,[j] **13** kuyo-
thi nje lapho izinyawo zabapri-
sti abathwele uMphongolo ka-
Jehova, iNkosi yomhlaba wo-
nke, zithinta amanzi# eJorda-
ni, amanzi eJordani avela nge-
nhla anqamuke, ame abe yida-
mu."*[a]
**14** Ngakho lapho abantu be-
suka ematendeni abo nga-
phambi nje kokuba bawele
iJordani, abapristi ababethwe-
le umphongolo[b] wesivumelwa-
no bahamba phambi kwabo.
**15** Lapho nje labo ababethwe-
le uMphongolo befika eJorda-
ni futhi abapristi ababethwe-
le uMphongolo befaka izinyawo
zabo emanzini (zonke izinsu-
ku zokuvuna iJordani lisuke li-
gcwele kakhulu),[c] **16** amanzi
avela ngenhla ama. Akhuphu-
ka aba yidamu* kude kakhu-
lu e-Adamu, idolobha eliseduze
naseZaretani, kuyilapho ama-
nzi ehlela oLwandle Lwase-
Araba, uLwandle Lukasawoti,#
eqhubeka egeleza. Anqamuka,
abantu bawela maqondana ne-
Jeriko. **17** Ngesikhathi aba-
pristi ababethwele umphongo-
lo wesivumelwano sikaJehova
bemile emhlabathini owomi-
le[d] phakathi neJordani, wonke
ama-Israyeli awela emhlabathi-
ni owomile[e] kwaze kwaba yi-
lapho sonke isizwe sesiqedile
ukuwela iJordani.

**4** Ngokushesha nje lapho so-
nke isizwe sesiqedile uku-
wela iJordani, uJehova wathi
kuJoshuwa: **2** "Thatha ama-
doda angu-12 kubantu, indo-
da eyodwa esizweni ngasinye,[f]
**3** uwayale, uthi: 'Thathani ama-
tshe angu-12 maphakathi neJo-
rdani, lapho kumi khona aba-
pristi,[g] niwathwale niwele nawo
niwabeke endaweni enizobe ni-
lele kuyo ebusuku.'"[h]
**4** Ngakho uJoshuwa wabi-
za amadoda angu-12 ayewami-
sile ayethathwe kuma-Israyeli,

ISAHL. 3
a Eks 19:10; Lev 20:7
b Eks 34:10
c Eks 25:10; Num 4:15
d Jos 4:14
e Jos 1:5, 17
f Eks 3:12; Eks 14:31
g Jos 3:17
h Dut 7:21
i Eks 3:8; Dut 7:1; Hu 44:2
j Jos 4:2, 3

Uhla 2
a Hu 114:1, 3
b Eks 25:10; Jos 3:6; IzE 7:44, 45
c Jos 4:18; 1Kr 12:15
d Jos 4:3
e Hu 66:6

ISAHL. 4
f Jos 3:12, 13
g Jos 3:17
h Jos 4:19, 20

**3:13** #NgesiHebheru, "zima emanzini."

**3:13, 16** *Noma, "udonga." **3:16** #Okuwukuthi, uLwandle Olufile.

indoda eyodwa esizweni ngasi-
nye, **5** uJoshuwa wathi kuwo:
“Hambani phambi koMpho-
ngolo kaJehova uNkulunku-
lu wenu niye maphakathi ne-
Jordani, ngamunye wenu afike
aqukule itshe alitshathe ehlo-
mbe, ngokuvumelana nenani
lezizwe zakwa-Israyeli, **6** uku-
ze la matshe abe uphawu pha-
kathi kwenu. Uma kwenze-
ka izingane* zenu zinibuza esi-
khathini esizayo, zithi, ‘Awa-
ni la matshe?’[a] **7** kumele ni-
thi kuzo: ‘La matshe ayisikhu-
mbuzo esiyohlala njalo kuma-
Israyeli,[b] ngenxa yokuthi ama-
nzi omfula iJordani anqamu-
ka phambi komphongolo[c] we-
sivumelwano sikaJehova lapho
uwela iJordani.’”

**8** Ngakho ama-Israyeli enza
njengoba nje uJoshuwa ayewa-
yalile. Athatha amatshe angu-
12 maphakathi neJordani, nje-
ngoba nje uJehova ayeyale
uJoshuwa, ngokuvumelana ne-
nani lezizwe zakwa-Israyeli.
Awathatha aya nawo endaweni
ayezolala kuyo awabeka khona.

**9** UJoshuwa wabeka ama-
nye amatshe angu-12 phaka-
thi eJordani endaweni okwaku-
mi kuyo abapristi ababethwele
umphongolo wesivumelwano,[d]
lawo matshe aselapho kuze
kube namuhla.

**10** Abapristi ababethwele
uMphongolo baqhubeka bemi
maphakathi neJordani kwa-
ze kwaba yilapho sekwenzi-
we konke uJehova ayeyale
uJoshuwa ukuba akutshele
abantu, ngokuvumelana nakho
konke uMose ayekuyale uJo-
shuwa. Phakathi naleso sikha-
thi, abantu baphuthuma bawe-
la. **11** Ngokushesha nje lapho
bonke abantu sebeqedile uku-
wela, abapristi nabo bawela
bethwele uMphongolo kaJeho-
va, bebukwa yiwo wonke umu-
ntu.[a] **12** AbakwaRubeni, aba-
kwaGadi nohhafu wesizwe sa-
kwaManase bawela behlomele
impi[b] behamba phambi kwama-
nye ama-Israyeli, njengoba nje
uMose ayebayalile.[c] **13** Ama-
sosha angaba ngu-40 000 ahlo-
mele impi awelela emathafeni
awugwadule aseJeriko futhi
uJehova wayenawo.

**14** Ngalolo suku uJehova wa-
menza waba mkhulu uJoshu-
wa emehlweni awo wonke ama-
Israyeli,[d] futhi amhlonipha ka-
khulu* zonke izinsuku zokuphi-
la kwakhe, njengoba nje ayem-
hlonipha kakhulu noMose.[e]

**15** UJehova wabe esethi ku-
Joshuwa: **16** “Yala abapristi
abathwele umphongolo[f] wobu-
Fakazi ukuba baphume eJorda-
ni.” **17** Ngakho uJoshuwa wa-
yala abapristi, wathi: “Phuma-
ni eJordani.” **18** Lapho aba-
pristi ababethwele umphongo-
lo[g] wesivumelwano sikaJehova
besuka maphakathi neJordani
bephuma futhi izinyawo zaba-
pristi zinyathela emhlabathini
owomile, amanzi eJordani abu-
yela endaweni yawo, agcwala[h]
njengasekuqaleni.

**19** Abantu basuka eJorda-
ni ngosuku lweshumi lwenya-
nga yokuqala bamisa amatende
eGiligali[i] emngceleni weJeriko
ongasempumalanga.

**20** UJoshuwa wawabeka eGi-
ligali amatshe angu-12 ababewa-
thathe eJordani.[j] **21** Wabe ese-
thi kuma-Israyeli: “Lapho izinga-
ne zenu zibuza oyise esikhathi-
ni esizayo, zithi, ‘Awani la ma-
tshe?’[k] **22** kumele nizichazele
izingane zenu, nithi: ‘Ama-Isra-
yeli awela iJordani emhlabathini

**4:6** *NgesiHebheru, “amadodana.”

**4:14** *NgesiHebheru, “amesaba.”

**ISAHL. 4**
*a* Eks 13:14; Dut 6:20, 21; Hu 78:3, 4
*b* Dut 4:9
*c* Jos 3:13, 16
*d* Jos 3:17

**Uhla 2**
*a* Jos 3:8, 17
*b* Jos 1:12, 14
*c* Num 32:20-22; Num 32:25-29
*d* Jos 3:7
*e* Eks 14:31
*f* Eks 25:22
*g* Num 4:15
*h* Jos 3:13, 15
*i* Jos 4:3; Jos 5:8, 9; Jos 10:6
*j* Jos 4:8
*k* Hu 44:1

owomile[a] **23** ngesikhathi uJe-
hova uNkulunkulu wenu omisa
amanzi eJordani phambi kwawo
kwaze kwaba yilapho eseliwelile,
njengoba nje uJehova uNkulu-
nkulu wenu enza oLwandle Olu-
bomvu lapho elomisa phambi
kwethu kwaze kwaba yilapho se-
siluwelile.[b] **24** Lokhu wakwe-
nza ukuze zonke izizwe zomhla-
ba zazi ukuthi isandla sikaJeho-
va sinamandla[c] kangakanani no-
kuba nimesabe njalo uJehova
uNkulunkulu wenu.'"

**5** Kwathi nje lapho wonke
amakhosi ama-Amori[d] aye-
sohlangothini olusentshonala-
nga yeJordani* nawo wonke
amakhosi amaKhanani[e] ayenga-
solwandle, ezwa ukuthi uJeho-
va wayomise amanzi eJordani
phambi kwama-Israyeli aze aqe-
da ukuwela, aphela amandla#[f]
futhi esaba kakhulu△ ngenxa
yama-Israyeli.[g]

**2** Ngaleso sikhathi uJeho-
va wathi kuJoshuwa: "Zenze-
le imimese ngetshe eliqini-
le* uphinde usoke[h] ama-Isra-
yeli." **3** Ngakho uJoshuwa we-
nza imimese ngetshe eliqinile*
wasoka amadoda akwa-Israye-
li eGibeyati-haraloti.#[i] **4** Yile-
si isizathu esenza ukuba uJo-
shuwa abasoke: Bonke abesi-
lisa kubantu ababephume
eGibhithe babefele ehlane la-
pho besohambweni olusuka
eGibhithe,[j] okungukuthi wonke
amadoda ayesebuthweni le-
mpi.* **5** Bonke abantu ababe-
phume eGibhithe babesokile,
kodwa bonke abantu ababeza-
lelwe ehlane ohambweni olu-
suka eGibhithe babengasokile.
**6** Ama-Israyeli ayehambe imi-
nyaka engu-40[a] ehlane kwa-
ze kwaba yilapho sonke isi-
zwe sesifile, okungukuthi
amadoda ayesebuthweni le-
mpi ayephume eGibhithe, ama-
doda angalilalelanga izwi lika-
Jehova.[b] UJehova wayefungi-
le kuwo ukuthi wayengeke alo-
kothe awavumele ukuba alibo-
ne izwe[c] uJehova ayefunge ko-
khokho bawo ukuthi uzolinika
abantu bakhe,*[d] izwe eligeleza
ubisi noju.[e] **7** Ngakho amado-
dana awo angena esikhundle-
ni sawo.[f] UJoshuwa wawasoka;
ayengasokile ngenxa yokuthi
babengawasokanga endleleni.

**8** Lapho sebeqedile ukuso-
ka sonke isizwe, baqhube-
ka behlezi endaweni ababeku-
yo ekamu baze balulama.

**9** Ngemva kwalokho uJeho-
va wathi kuJoshuwa: "Namu-
hla ngisisusile* kini isihlamba
saseGibhithe." Ngakho igama
laleyo ndawo kwathiwa iGiliga-
li#[g] kuze kube namuhla.

**10** Ama-Israyeli aqhubeka
emise amatende eGiligali futhi
agcina iPhasika ngosuku luka-
14 lwenyanga,[h] kusihlwa, ema-
thafeni awugwadule aseJeriko.
**11** Aqala ukudla izithelo ze-
zwe ngosuku olungemva kwe-
Phasika, isinkwa esingenamvu-
belo[i] nokusanhlamvu okugazi-
ngiwe, ngalo kanye lolo suku.
**12** Imana lanqamuka ngosuku
olulandela lolo ababedle ngalo
eminye yemikhiqizo yezwe;
ama-Israyeli awabange esali-
thola imana,[j] kunalokho aqala
ukudla imikhiqizo yezwe lase-
Khanani ngalowo nyaka.[k]

---

**5:1** *NgesiHebheru, "ayesohlangothini lweJordani olungasolwandle." #NgesiHebheru, "izinhliziyo zawo zancibilika." △NgesiHebheru, "futhi akubange kusaba namoya kuwo." **5:2, 3** *Noma, "lensengetshe." **5:3** #Incazelo: "IGquma Lamajwabu." **5:4** *Noma, "zonke izinsizwa ezazisebuthweni."

**5:6** *NgesiHebheru, "uzosinika lona." **5:9** *NgesiHebheru, "ngisigingqile ngasisusa." #Incazelo: "Ukugingqa; Ukugingqa Ususe."

---

**ISAHL. 4**
*a* Jos 3:17; Hu 66:6
*b* Eks 14:21; Isay 63:12; Heb 11:29
*c* Eks 9:16; Eks 15:6; Dut 28:10; 1Sa 17:46; 2Kh 19:19; Hu 106:8

**ISAHL. 5**
*d* Gen 10:15, 16
*e* Num 13:29
*f* Eks 15:15; Jos 2:24
*g* Jos 2:9-11
*h* Gen 17:9-11
*i* Jos 5:8, 9
*j* Num 14:29; Num 26:65; Dut 2:14

**Uhla 2**
*a* Num 14:33; Dut 1:3
*b* Num 14:22, 23
*c* Dut 1:35
*d* Gen 13:14, 15; Eks 33:1
*e* Eks 3:8; Num 13:26, 27; Hez 20:6
*f* Num 14:31
*g* Jos 4:19; Jos 5:3
*h* Eks 12:24, 25; Num 9:5
*i* Eks 12:18
*j* Eks 16:35
*k* Dut 6:10-12; Dut 8:10

**13** Lapho uJoshuwa eseso-
ndele eJeriko, waphakamisa
amehlo wabona indoda[a] imi
phambi kwakhe iphethe inke-
mba yayo ngesandla.[b] UJoshu-
wa waya kuyo wathi: “Ungaso-
hlangothini lwethu noma unga-
sezitheni zethu?” **14** Yathi:
“Angikona lokho okucaba-
ngayo, kodwa ngilapha nje-
ngesikhulu sebutho* likaJeho-
va.”[c] Lapho ezwa lokho, uJo-
shuwa wawa ngobuso phansi
wakhothama wathi kuyo: “Ithi-
ni inkosi yami encekwini yayo?”
**15** Isikhulu sebutho likaJehova
sathi kuJoshuwa: “Khumula izi-
mbadada zakho ezinyaweni za-
kho, ngoba indawo omi kuyo
ingcwele.” UJoshuwa wenza ka-
njalo ngaso leso sikhathi.[d]

**6** Manje iJeriko lalivalwe ngci
ngenxa yama-Israyeli; kwa-
kungekho muntu ophumayo,
engekho nongenayo.[e]
**2** UJehova wabe esethi ku-
Joshuwa: “Nginikele kuwe iJe-
riko nenkosi yalo kanye nama-
qhawe alo anamandla.[f] **3** No-
nke nina madoda asebu-
thweni lempi kufanele nima-
she nizungeze idolobha, nilizu-
ngeze kanye idolobha. Kufane-
le nenze kanjalo izinsuku eziyi-
sithupha. **4** Makube nabapri-
sti abayisikhombisa abaphethe
izimpondo eziyisikhombisa ze-
zinqama abazohamba phambi
koMphongolo. Kodwa ngosuku
lwesikhombisa kufanele nima-
she nizungeze idolobha kasi-
khombisa futhi abapristi kufa-
nele bashaye izimpondo.[g]
**5** Lapho kushaywa uphondo
lwenqama—ngokushesha nje la-
pho nizwa ukukhala* kopho-
ndo—bonke abantu kufanele
bamemeze kakhulu ngendlela
okumemeza ngayo abantu aba-
sempini. Udonga lwedolobha
luyobe selubhidlika[a] futhi aba-
ntu kumele bakhuphuke, yilo-
wo nalowo aqonde phambili.”
**6** Ngakho uJoshuwa indoda-
na kaNuni wabiza abapristi wa-
thi kubo: “Thathani umpho-
ngolo wesivumelwano, abapri-
sti abayisikhombisa kufanele
baphathe izimpondo eziyisi-
khombisa zenqama bahambe
phambi koMphongolo kaJe-
hova.”[b] **7** Wayesethi kubantu:
“Hambani nimashe nizunge-
ze idolobha, ibutho elihlo-
mile[c] kufanele lihambe pha-
mbi koMphongolo kaJehova.”
**8** Njengoba nje uJoshuwa aye-
shilo kubantu, abapristi abayi-
sikhombisa abaphethe izimpo-
ndo eziyisikhombisa zenqa-
ma phambi kukaJehova baha-
mba phambili bashaya izimpo-
ndo, umphongolo wesivume-
lwano sikaJehova wawubala-
ndela. **9** Ibutho elihlomile la-
hamba ngaphambi kwabapri-
sti ababeshaya izimpondo, ibu-
tho labaqaphi elingemuva lali-
landela uMphongolo njengoba
izimpondo zazilokhu zishaywa.
**10** UJoshuwa wayeyale aba-
ntu, wathi: “Ningamemezi, aku-
fanele amazwi enu azwaka-
le. Akukho zwi okufanele li-
phume emilonyeni yenu kuze
kube usuku engiyothi ngalo
kini, ‘Memezani!’ Khona-ke ku-
yofanele nimemeze.” **11** Wa-
yala ukuba uMphongolo kaJe-
hova uzungeze idolobha, ulizu-
ngeze kanye, ngemva kwalokho
babuyela ekamu balala khona.
**12** Ngosuku olulandelayo
uJoshuwa wavuka ekuseni
kakhulu, abapristi batha-
tha uMphongolo[d] kaJehova,
**13** kwathi abapristi abayisi-
khombisa ababephethe izimpo-
ndo eziyisikhombisa zenqama

**5:14** *Noma, “njengenduna yebutho.”
**6:5** *Noma, “ukumpongoloza.”

ISAHL. 5
a Gen 18:2, Hlu 13:6, IzE 1:10
b Eks 23:23, Num 22:23, 1Kr 21:16
c Eks 23:20, 1Kh 22:19, Dan 10:13
d Eks 3:4, 5

ISAHL. 6
e Jos 2:9
f Num 14:9, Dut 7:24, Neh 9:24
g Hlu 7:22

Uhla 2
a Heb 11:30
b Num 4:15
c Num 10:14, 18, 22, Jos 1:12, 14
d 1Kr 15:2

bahamba phambi koMphongo-
lo kaJehova, baqhubeka noku-
shaya izimpondo. Ibutho eli-
hlomile lalihamba phambi kwa-
bo, kuyilapho ibutho labaqaphi
elingemuva lilandela uMpho-
ngolo kaJehova njengoba izi-
mpondo zazilokhu zishaywe
njalo. **14** Ngosuku lwesibili
bamasha bazungeza idolobha
kanye, ngemva kwalokho babu-
yela ekamu. Benza kanjalo izi-
nsuku eziyisithupha.[a]

**15** Ngosuku lwesikhombisa
bavuka ekuseni kakhulu, lapho
nje kuntwela ukusa, bamasha
bazungeza idolobha ngendle-
la ababenze ngayo ngaphambi-
li izikhathi eziyisikhombisa. Yi-
lolo suku nje kuphela abazu-
ngeza ngalo idolobha izikhathi
eziyisikhombisa.[b] **16** Lapho
sebezungeza okwesikhombisa
abapristi bashaya izimpondo,
uJoshuwa wathi kubantu: "Me-
mezani,[c] ngoba uJehova unini-
ke lona leli dolobha! **17** Idolo-
bha nakho konke okukulo
kumele kubhujiswe;[d] konke
kungokukaJehova. NguRahabi[e]
isifebe kuphela ongaqhubeka
ephila, yena nabo bonke aba-
naye endlini, ngoba wafihla izi-
nhloli esasizithumile.[f] **18** Ni-
ngazithinti izinto okufanele zi-
bhujiswe,[g] ukuze ningazihale-
li bese nizithatha,[h] nenze ika-
mu lakwa-Israyeli lifanelwe
ukubhujiswa futhi nililethele
inhlekelele.*[i] **19** Kodwa lonke
isiliva negolide nezinto zethu-
si nezensimbi kungcwele kuJe-
hova.[j] Kufanele kuye enda-
weni yokugcina ingcebo kaJe-
hova."[k]

**20** Lapho kushaywa izimpo-
ndo, abantu bamemeza.[l] Ngo-
kushesha nje lapho abantu be-
zwa ukukhala kophondo futhi
bememeza kakhulu ngendlela
okumemeza ngayo abantu aba-
sempini, udonga lwabhidlika.[a]
Ngemva kwalokho abantu ba-
khuphukela kulo idolobha, yi-
lowo nalowo waqonda phambi-
li, balinqoba idolobha. **21** Ba-
kubhubhisa ngenkemba ko-
nke okwakukulo, owesilisa no-
wesifazane, omdala nomncane,
inkunzi, imvu nembongolo.[b]

**22** UJoshuwa wathi ezinsi-
zweni ezimbili ezazihlole izwe:
"Hambani niye endlini yowe-
sifazane oyisifebe, nifike nim-
khiphe kanye nabo bonke aba-
ngabakhe, njengoba nje na-
funga kuye."[c] **23** Ngakho lezo
zinsizwa eziyizinhloli zangena
zakhipha uRahabi kanye noyi-
se, unina, abafowabo nabo bo-
nke abangabakhe; zawukhipha
wonke umndeni wakhe,[d] zawu-
yisa ngaphandle kwekamu la-
kwa-Israyeli.

**24** Balishisa ngomlilo idolo-
bha nakho konke okwakukulo.
Kodwa isiliva, igolide, nezinto
zethusi nezensimbi bakuyisa
endaweni yokugcina ingcebo
esendlini kaJehova.[e] **25** URa-
habi isifebe nomndeni wakubo
nabo bonke abangabakhe ku-
phela uJoshuwa angababulala-
nga;[f] futhi usahlala kwa-Israye-
li kuze kube namuhla,[g] ngenxa
yokuthi wafihla izinhloli uJo-
shuwa ayezithume ukuba ziyo-
hlola iJeriko.[h]

**26** Ngaleso sikhathi uJoshu-
wa wafunga wathi:* "Kwanga-
thi angaqalekiswa phambi ku-
kaJehova umuntu owakha ka-
busha leli dolobha laseJeriko.
Lapho ebeka isisekelo salo ku-
yofa izibulo lakhe, futhi lapho
efaka iminyango yalo kuyofa
uthunjana wakhe."[i]

ISAHL. 6
a Jos 6:3
b Jos 6:4
c Jos 6:5, 10
d Lev 27:29; Dut 7:2; Dut 20:16
e Jos 2:1; Mat 1:5; Heb 11:31
f Gen 12:3; Jos 2:4, 6; Jak 2:25
g Dut 7:26
h Dut 13:17; Jos 7:11, 21
i Jos 7:25
j Num 31:22, 23
k Jos 6:24; 1Kh 7:51; 1Kr 18:11
l Jos 6:4, 16

Uhla 2
a Jos 6:5; Heb 11:30
b Dut 7:2; Dut 20:16
c Jos 2:14; Heb 11:31
d Jos 2:12, 13; Jos 2:17-19
e Jos 6:19
f Jos 2:14; Jos 6:17, 22
g Mat 1:5
h Heb 6:10; Jak 2:25
i 1Kh 16:34

**6:18** *Noma, "inkathazo; isigcwagcwa."

**6:26** *Noma kungaba, "wafungisa abantu lesi sifungo."

**27** UJehova waba kanjalo-
ke noJoshuwa,[a] nodumo lwa-
khe lwagcwala kuwo wonke
umhlaba.[b]

## 7

**7** Kodwa ama-Israyeli awathe-
mbekanga ngokuphathele-
ne nezinto okwakufanele zi-
bhujiswe, ngoba u-Akhani[c]
indodana kaKarmi, indodana
kaZabidi, indodana kaZera, we-
sizwe sakwaJuda, wathatha
okuthile ezintweni okwakufa-
nele zibhujiswe.[d] Ngenxa yalo-
kho, uJehova wawathukuthele-
la kakhulu ama-Israyeli.[e]

**2** UJoshuwa wathuma ama-
doda esuka eJeriko ukuba aye
e-Ayi,[f] eliseduze kweBheti-ave-
ni, empumalanga yeBhethele,[g]
wathi kuwo: “Khuphukani niyo-
hlola izwe.” Ngakho lawo ma-
doda akhuphuka alihlola i-Ayi.
**3** Lapho ebuyela kuJoshuwa
athi kuye: “Asikho isidingo so-
kuba kukhuphuke bonke aba-
ntu. Amadoda angaba yizinku-
lungwane ezimbili noma ezinta-
thu angalinqoba i-Ayi. Ungathu-
meli bonke abantu khona uku-
ze bangakhathali bonke, ngoba
abase-Ayi bambalwa.”

**4** Ngakho kwakhuphuka
amadoda angaba ngu-3 000, ko-
dwa awakwazanga ukumelana
namadoda ase-Ayi.[h] **5** Ama-
doda ase-Ayi awajaha ewasu-
sa ngaphandle kwesango ledo-
lobha aze ayofika eShebhari-
mi,* futhi aqhubeka ewabulala
endaweni eyehlelayo, abulala
amadoda angu-36. Ngenxa yalo-
kho abantu baphela amandla.#

**6** UJoshuwa waklebhula izi-
ngubo zakhe waguqa phambi
koMphongolo kaJehova kwa-
ze kwaba kusihlwa, yena na-
madoda amadala akwa-Israye-
li, babelokhu bethela inhla-
bathi emakhanda abo. **7** UJo-
shuwa wathi: “Maye, Nkosi
EnguMbusi Jehova, kungani
ususe lesi sizwe le ngapheshe-
ya kweJordani ukuze nje usi-
nikele kuma-Amori ukuba asi-
bhubhise? Ukube nje samane
saneliswa ukuhlala ngapheshe-
ya* kweJordani! **8** Ungixolele
Jehova, ngingathini nje ma-
nje njengoba u-Israyeli eba-
lekele* izitha zakhe? **9** Lapho
amaKhanani nabo bonke aba-
khileyo kuleli zwe bezwa nga-
lokhu, bazosivimbezela futhi
balesule igama lethu emhlabe-
ni, uzolivikela kanjani igama la-
kho elikhulu?”[a]

**10** UJehova waphendula uJo-
shuwa wathi: “Sukuma! Uwe-
leni ngobuso? **11** Ama-Israye-
li onile. Asephulile isivumelwa-
no[b] sami engasenza nawo. Atha-
the okuthile ezintweni obekufa-
nele zibhujiswe,[c] akweba[d] aku-
fihla ezintweni zawo.[e] **12** Nga-
kho ama-Israyeli ngeke akwazi
ukumelana nezitha zawo. Azo-
phenduka azibalekele izitha
zawo, ngoba asefanelwe uku-
bhujiswa. Ngeke ngisaba nani
ngaphandle kokuba nibhuqe
leyo nto efanelwe ukubhujiswa
iphele phakathi kwenu.[f] **13** Su-
kuma ungcwelise abantu![g] Yi-
thi kubo, ‘Zingcweliseleni usuku
lwakusasa, ngoba yilokhu uJe-
hova uNkulunkulu ka-Israyeli
akushoyo: “Phakathi kwakho
Israyeli, kukhona into okufane-
le ibhujiswe. Ngeke nikwazi
ukumelana nezitha zenu kuze
kube yilapho senikususile pha-
kathi kwenu lokho okufane-
le kubhujiswe. **14** Kumele nize
ekuseni, isizwe nesizwe, kuthi
isizwe uJehova asikhethayo[h]
sisondele, umndeni nomnde-

---

7:5 *Incazelo: “Enkwalini.” #NgesiHebheru, “inhliziyo.”

7:7 *Okuwukuthi, ohlangothini olungasempumalanga. 7:8 *Noma, “efulathele.”

ISAHL. 6
a Dut 31:6; Jos 1:5
b Jos 9:1, 2; Jos 9:9, 10

ISAHL. 7
c Jos 22:20; 1Kr 2:7
d Dut 7:26
e Jos 6:17, 18
f Gen 12:8
g Gen 28:19
h Lev 26:14, 17; Dut 28:15, 25; Dut 32:30

Uhla 2
a Dut 32:26, 27; Hu 106:8; Hu 143:11; Hez 20:9
b Eks 24:7
c Jos 6:17
d Eks 20:15
e Jos 7:21
f Dut 7:26; Jos 6:18; Isay 59:2
g Eks 19:10
h IzA 16:33

ni, kuthi umndeni uJehova awu-
khethayo usondele, indlu ne-
ndlu, kuthi indlu uJehova ayi-
khethayo isondele, indoda ne-
ndoda. **15** Lowo oyotholakala
naleyo nto okufanele ibhujiswe
uyoshiswa ngomlilo,[a] yena na-
kho konke okungokwakhe, nge-
nxa yokuthi wephule isivume-
lwano[b] sikaJehova nangenxa yo-
kuthi wenze into eyihlazo kwa-
Israyeli.”’”

**16** Ngakho uJoshuwa wavu-
ka ekuseni kakhulu wayala
u-Israyeli ukuba asondele, isi-
zwe nesizwe, kwakhethwa isi-
zwe sakwaJuda. **17** Wasonde-
za imindeni yakwaJuda, kwa-
khethwa umndeni wakwaZe-
ra,[c] ngemva kwalokho wasonde-
za umndeni wakwaZera, indoda
nendoda, kwakhethwa uZabidi.
**18** Ekugcineni wasondeza indlu
kaZabidi, indoda nendoda, kwa-
khethwa u-Akhani indodana ka-
Karmi, indodana kaZabidi, indo-
dana kaZera, wesizwe sakwaJu-
da.[d] **19** UJoshuwa wabe esethi
ku-Akhani: “Ndodana yami, ngi-
cela unikeze uJehova uNkulu-
nkulu ka-Israyeli udumo, uvume
isono sakho kuye. Ngicela ungi-
tshele ukuthi wenzeni. Ungangi-
fihleli.”

**20** U-Akhani waphendula
uJoshuwa wathi: “Ngempela
yimi owonile kuJehova uNku-
lunkulu ka-Israyeli, futhi yilo-
khu engikwenzile. **21** Lapho
ngibona empangweni isemba-
tho esikhethekile esihle sase-
Shinari[e] namashekeli* esiliva
angu-200 kanye negolide eline-
sisindo esingamashekeli angu-
50, ngakuhalela, ngase ngiku-
thatha. Njengamanje kugqi-
tshwe emhlabathini phakathi
etendeni lami, nemali ngapha-
nsi kwako.”

**22** Ngaso leso sikhathi uJo-
shuwa wathuma izithunywa za-
gijima zaya etendeni, zatho-
la ingubo ifihlwe etendeni
lakhe kanye nemali ngapha-
nsi kwayo. **23** Ngakho zazi-
thatha lezo zinto etendeni za-
ziyisa kuJoshuwa nakuwo wo-
nke ama-Israyeli zazibeka pha-
mbi kukaJehova. **24** UJoshu-
wa nawo wonke u-Israyeli ba-
thatha u-Akhani[a] indodana ka-
Zera, isiliva, isembatho esikhe-
thekile negolide,[b] bathatha na-
madodana akhe, amadodakazi
akhe, inkunzi yakhe, imbongo-
lo yakhe, umhlambi wakhe we-
zimvu nezimbuzi, itende lakhe
nakho konke okwakungokwa-
khe, bakuyisa eSigodini* Sase-
Akori.[c] **25** UJoshuwa wathi:
“Usiletheleleni inhlekelele?*[d]
UJehova uzokulethela inhle-
kelele nawe namuhla.” Wo-
nke u-Israyeli wabe usubasha-
ya ngamatshe,[e] ngemva kwalo-
kho wabashisa ngomlilo.[f] Yile
ndlela abababulala ngayo ngo-
kubashaya ngamatshe. **26** Ba-
beka inqwaba yamatshe phe-
zu kwesidumbu sika-Akhani,
isekhona kuze kube namu-
hla. Ngenxa yalokho intukuthe-
lo kaJehova yabohla.[g] Yinga-
kho igama laleyo ndawo ku-
thiwa iSigodi Sase-Akori* kuze
kube namuhla.

**8** UJehova wabe esethi kuJo-
shuwa: “Ungesabi noma we-
thuke.[h] Thatha lonke ibutho le-
mpi, ukhuphuke uyokulwa ne-
Ayi. Bheka, nginikele kuwe
inkosi yase-Ayi, abantu bayo,
idolobha layo nezwe layo.[i]
**2** Njengoba nje wenzile eJe-
riko nasenkosini yalo,[j] kume-
le wenze okufanayo e-Ayi na-

ISAHL. 7
*a* Jos 1:18, Jos 7:25
*b* Eks 24:7
*c* Gen 38:30, Num 26:20, 1Kr 2:4, 6
*d* IzA 16:33, IzE 5:3
*e* Gen 10:10

Uhla 2
*a* Jos 22:20
*b* Jos 6:19
*c* Jos 15:7, 12, Isay 65:10, Hos 2:15
*d* Jos 6:18, 1Kr 2:7
*e* Lev 24:14, Jos 1:18
*f* Jos 7:15
*g* Dut 13:17

ISAHL. 8
*h* Dut 7:18, Dut 31:8, Jos 1:9, Isay 12:2, Rom 8:31
*i* Hu 44:3
*j* Jos 6:2, 21

---

**7:21** *Ishekeli lalingu-11,5 g. Bheka iSithasiselo B14.

**7:24** *Noma, “eThafeni Eliphansi.”
**7:25** *Noma, “inkathazo; isigcwagcwa.”
**7:26** *Incazelo: “Inhlekelele; Isigcwagcwa.”

senkosini yalo, kodwa ningazi-
thathela impango nemfuyo ya-
khona. Beka abazocutha nge-
mva kwedolobha.”

**3** Ngakho uJoshuwa nalo lo-
nke ibutho lempi bakhuphu-
ka bayokulwa ne-Ayi. UJo-
shuwa wakhetha amaqhawe
anamandla angu-30 000, wa-
wahambisa ebusuku. **4** Wawa-
yala, wathi: “Kufanele nica-
she ngemva kwedolobha. Ni-
ngabi kude kakhulu nedolo-
bha, futhi nonke kufanele nime
ngomumo. **5** Mina nabo bo-
nke abantu abakanye nami si-
zoqonda edolobheni, lapho be-
phuma bezokulwa nathi nje-
ngasekuqaleni,[a] sizobabaleke-
la. **6** Lapho besijaha sizoba-
holela kude nedolobha, ngo-
ba bazothi, ‘Bayasibalekela nje-
ngasekuqaleni.’[b] Thina, sizoba-
balekela. **7** Nina niyobe seni-
vuka endaweni enizifihle kuyo
bese nilithatha idolobha; uJe-
hova uNkulunkulu wenu uzoli-
nikela kini. **8** Lapho nje seni-
lithathile idolobha, kufanele ni-
lishise ngomlilo.[c] Kufanele ne-
nze ngokuvumelana nezwi lika-
Jehova. Bhekani, nginiyalile.”

**9** Ngemva kwalokho uJo-
shuwa wabadedela bahamba
baya endaweni ababezocasha
kuyo; bafike bahlala phakathi
kweBhethele ne-Ayi, entshona-
langa ye-Ayi, kuyilapho uJo-
shuwa ehleli nelinye ibutho le-
mpi ngalobo busuku.

**10** UJoshuwa wavuka kuse-
sekuseni waqoqela ndawonye*
ibutho, ngemva kwalokho yena
namadoda amadala akwa-Isra-
yeli balihola baya nalo e-Ayi.
**11** Lonke ibutho lempi[d] elali-
kanye naye lakhuphuka, la-
qonda edolobheni. Lakanisa
enyakatho ye-Ayi, kukhona isi-
godi phakathi kwalo ne-Ayi.
**12** Phakathi naleso sikhathi,
wayethathe amadoda angaba
ngu-5 000 wawathuma ukuba
ayocasha[a] phakathi kweBhe-
thele[b] ne-Ayi, entshonalanga
yedolobha. **13** Ngakho aba-
ntu abaningi bakanisa enyaka-
tho yedolobha,[c] kwathi ibu-
tho elalicashile laba sentshona-
langa yedolobha,[d] futhi ngalo-
bo busuku uJoshuwa waya ma-
phakathi nesigodi.*

**14** Lapho nje inkosi yase-
Ayi ikubona lokho, yona nama-
doda edolobha baphuma ngo-
kushesha kusesekuseni bayo-
lwa no-Israyeli phambi kwetha-
fa eliwugwadule. Kodwa yayi-
ngazi ukuthi kwakukhona aba-
becashe ngemva kwedolobha
ukuze bayihlasele. **15** Lapho
amadoda ase-Ayi ehlasela, uJo-
shuwa nawo wonke u-Israye-
li babaleka ngomgwaqo oya
ngasehlane.[e] **16** Bonke aba-
ntu ababesedolobheni babi-
zwa ukuze babajahe; njengo-
ba babejaha uJoshuwa baqhe-
la edolobheni. **17** Akukho ne-
yodwa indoda e-Ayi naseBhe-
thele engaphumanga ukuyoja-
ha u-Israyeli. Bashiya isango le-
dolobha livuleke gengelezi, ba-
jaha u-Israyeli.

**18** UJehova wabe esethi ku-
Joshuwa: “Yelulela umkhonto
osesandleni sakho ukhombe
ngase-Ayi,[f] ngoba ngizolinike-
la esandleni sakho.”[g] Ngakho
uJoshuwa welulela umkhonto
owawusesandleni sakhe ngase-
dolobheni. **19** Lapho nje elu-
la isandla sakhe, ababecashile
bavuka ngokushesha endawe-
ni ababecashe kuyo, bagijime-
la edolobheni balithatha. Bafi-
ke bathungela idolobha ngomli-
lo ngokushesha.[h]

ISAHL. 8
*a* Jos 7:5
*b* Jos 8:16
*c* Jos 8:19, 28
*d* Jos 8:1, 3

Uhla 2
*a* Jos 8:2
*b* Gen 28:19
*c* Jos 8:5
*d* Jos 8:4
*e* Jos 8:6
*f* Eks 17:11 Jos 8:26
*g* Dut 7:24
*h* Jos 8:8, 28

**8:10** *Noma, “wabuthela ndawonye.”

**8:13** *Noma, “nethafa eliphansi.”

**20** Lapho amadoda ase-Ayi
ephenduka ebheka emuva, abo-
na intuthu yokusha kwedolobha
yenyukela esibhakabhakeni fu-
thi akukho lapho akwazi uku-
balekela khona. Abantu aba-
bebalekela ehlane babe sebeji-
ka bephendukela kulabo aba-
bebajaha. **21** Lapho uJoshuwa
nawo wonke ama-Israyeli bebo-
na ukuthi abantu ababecuthe-
le idolobha base belithathi-
le, bebona nokwenyuka kwentu-
thu yokusha kwedolobha, ba-
phenduka bawahlasela amado-
da ase-Ayi. **22** Labo ababecu-
thile baphuma edolobheni uku-
ze bawahlasele, okwenza ama-
doda ase-Ayi avaleleka phakathi
nendawo, kukhona ama-Israyeli
kulolu hlangothi namanye kulo-
luya hlangothi, bawabulala kwa-
ngasinda ngisho noyedwa futhi
akekho owaphunyuka.[a] **23** Ko-
dwa inkosi yase-Ayi[b] bayibamba
iphila bayiletha kuJoshuwa.

**24** Ngemva kokuba ama-
Israyeli esebabulale bonke aba-
se-Ayi ababengaphandle kwe-
dolobha, ehlane ababebaja-
ha kulo, futhi bonke sebebu-
lawe ngenkemba, wonke ama-
Israyeli abuyela e-Ayi aliqothu-
la ngenkemba. **25** Bonke aba-
ntu base-Ayi abafa ngalolo
suku, kusukela kowesilisa kuya
kowesifazane, babengu-12 000.
**26** UJoshuwa akasehlisanga
isandla sakhe esasiphethe um-
khonto ayeselulile[c] kwaze kwa-
ba yilapho esebabhubhise bo-
nke abase-Ayi.[d] **27** Nokho,
ama-Israyeli azithathela imfuyo
nempango yalelo dolobha, ngo-
kuvumelana neziyalezo uJeho-
va ayezinike uJoshuwa.[e]

**28** Ngemva kwalokho uJo-
shuwa walishisa i-Ayi laphe-
nduka indunduma yamanxi-
wa,[f] esekhona kuze kube na-
muhla. **29** Inkosi yase-Ayi wa-
yilengisa esigxotsheni* kwaze
kwaba ntambama, kwathi la-
pho ilanga selizoshona uJo-
shuwa wayala ukuba isidumbu
sayo sehliswe esigxotsheni.[a]
Ngemva kwalokho, basiphonsa
esangweni ledolobha, base be-
beka inqwaba enkulu yamatshe
phezu kwaso, esekhona kuze
kube namuhla.

**30** Yingaleso sikhathi la-
pho uJoshuwa amakhela kho-
na i-altare uJehova uNku-
lunkulu ka-Israyeli, eNtabe-
ni i-Ebhali,[b] **31** njengoba nje
uMose inceku kaJehova aye-
wayalile ama-Israyeli nanje-
ngoba kulotshiwe encwadini
yoMthetho[c] KaMose, ukuthi:
"Kube yi-altare lamatshe aphe-
lele, angazange aqheshulwe
ngethuluzi lensimbi."[d] Banike-
la kuJehova iminikelo eshiswa-
yo phezu kwalo benza nemihla-
tshelo ehlanganyelwayo.[e]

**32** UJoshuwa wabe esebha-
la lapho ematsheni ikho-
phi yoMthetho[f] uMose ayewu-
lobe phambi kwama-Israyeli.[g]
**33** Wonke ama-Israyeli, amado-
da amadala, izikhulu nabahlu-
leli bawo ayemi ngapha nanga-
pha koMphongolo phambi kwa-
bapristi abangamaLevi ababe-
thwele umphongolo wesivume-
lwano sikaJehova. Kwakukho-
na izifiki kanye nabokuza-
lwa.[h] Ingxenye yabo yayimi pha-
mbi kweNtaba iGerizimu, enye
ingxenye imi phambi kweNtaba
i-Ebhali[i] (njengoba nje uMose
inceku kaJehova ayeyalile nga-
phambili).[j] Abantu bakwa-Isra-
yeli babezobusiswa ngale ndle-
la. **34** Ngemva kwalokho uJo-
shuwa wawafunda ngokuzwaka-
layo wonke amazwi oMthetho,[k]
izibusiso[l] neziqalekiso,[m] ngoku-
vumelana nakho konke okulo-

ISAHL. 8
a Lev 27:29; Dut 7:2
b Jos 8:29; Jos 12:7, 9
c Eks 17:11; Jos 8:18
d Lev 27:29
e Jos 8:2
f Jos 8:8

Uhla 2
a Dut 21:22, 23
b Dut 11:29; Dut 27:4, 5
c Dut 31:9; Jos 1:8
d Eks 20:25
e Dut 27:6, 7
f Dut 27:2, 3
g Eks 24:4; Eks 34:27
h Lev 24:22; Num 15:16
i Dut 27:12, 13
j Dut 11:29
k Dut 31:9; Neh 8:3
l Dut 28:2
m Dut 27:15; Dut 28:15

8:29 * Noma, "esihlahleni."

tshwe encwadini yoMthetho.
**35** Akubanga khona ngisho ne-
lilodwa izwi kuwo wonke uMo-
se ayeyale ngawo uJoshuwa
angazange alifunde ngokuzwa-
kalayo phambi kwalo lonke iba-
ndla lika-Israyeli,[a] kuhlanganise
nabesifazane nezingane nezifi-
ki[b] ezaziphila nabo.*[c]

**9** Lapho wonke amakhosi aye-
sohlangothini olusentshona-
langa yeJordani[d] ezwa ngalokho
okwakwenzekile, lawo ayesezi-
ntabeni, ayeseShefela, ayekulo
lonke ugu loLwandle Olukhu-
lu*[e] nayephambi kweLebhanoni
—amaHeti, ama-Amori, amaKha-
nani, amaPherizi, amaHivi na-
maJebusi[f]— **2** abumbana uku-
ze alwe noJoshuwa no-Israyeli.[g]

**3** AbaseGibheyoni[h] nabo be-
zwa ngalokho uJoshuwa aye-
kwenze eJeriko[i] nase-Ayi.[j]
**4** Ngakho benza ngokuhlakani-
pha, bafaka imiphako emasake-
ni agugile bayithwesa izimbo-
ngolo, kanye nezigubhu ze-
wayini ezenziwe ngesikhumba
ezigugile, ezidabukile zabe se-
zithungwa; **5** babefake nezi-
mbadada ezigugile zase zi-
chitshiyelwa, begqoke izingubo
ezigugile. Sonke isinkwa som-
phako wabo sasomile, sivuthu-
ka. **6** Baya kuJoshuwa eka-
mu eGiligali[k] bathi kuye nase-
madodeni akwa-Israyeli: "Sive-
la ezweni elikude. Manje yenza-
ni isivumelwano nathi." **7** Ko-
dwa amadoda akwa-Israyeli athi
kula maHivi:[l] "Mhlawumbe na-
khelene nathi. Pho singasenza
kanjani isivumelwano nani?"[m]
**8** Baphendula bathi kuJoshu-
wa: "Siyizinceku* zakho."

UJoshuwa wabe esethi kubo:
"Ningobani, nivelaphi?" **9** Ba-
thi kuye: "Izinceku zakho zive-
la ezweni elikude kakhulu[a] nge-
nxa yegama likaJehova uNkulu-
nkulu wakho, ngoba sizwile ngo-
dumo lwakhe nangakho konke
akwenza eGibhithe[b] **10** nanga-
kho konke akwenza emakhosini
amabili ama-Amori ayengaphe-
sheya* kweJordani, iNkosi uSi-
honi[c] yaseHeshibhoni neNkosi
u-Ogi[d] yaseBhashani, eyayise-
Ashitaroti. **11** Ngakho amado-
da akithi amadala nabo bonke
abakhileyo ezweni lakithi bathe
kithi, 'Thathani umphako we-
ndlela nihambe niyobahlanga-
beza. Nifike nithi kubo: "Si-
zoba yizinceku zenu;[e] manje ye-
nzani isivumelwano nathi."'[f]
**12** Lesi sinkwa somphako sasi-
shisa lapho sisithatha ezindlini
zethu ngosuku esaphuma nga-
lo siza lapha kini. Kodwa manje
niyazibonela ukuthi sesomile fu-
thi siyavuthuka.[g] **13** Lezi zigu-
bhu zewayini zazizintsha lapho
sizigcwalisa, kodwa manje sezi-
dabukile.[h] Izingubo nezimbada-
da zethu sekugugile ngenxa yo-
hambo olude."

**14** Lapho ezwa lokho, ama-
doda akwa-Israyeli athatha
omunye umphako wabo uku-
ze awuhlole, kodwa awaza-
nge abuze kuJehova.[i] **15** Nga-
kho uJoshuwa wenza ukuthu-
la nabo,[j] wenza nesivumelwano
nabo sokuthi ngeke bababulale,
futhi yilokho izikhulu zenhla-
ngano ezakufunga kubo.[k]

**16** Ekupheleni kwezinsuku
ezintathu, ngemva kokuba be-
nze isivumelwano nabo, bezwa
ukuthi bahlala endaweni
eseduze nabo, bangomakhe-
lwane. **17** Ama-Israyeli asuka
aya emadolobheni abo, afi-
ka khona ngosuku lwesithathu;

**8:35** *NgesiHebheru, "ezazihamba phakathi kwabo." **9:1** *Okuwukuthi, iMedithera. **9:8** *Noma, "Siyizigqila."

**9:10** *Okuwukuthi, ohlangothini olungasempumalanga.

ISAHL. 8
a Dut 4:2; Dut 12:32
b Lev 24:22; Num 15:16
c Dut 29:10, 11; Dut 31:12; Neh 8:2

ISAHL. 9
d Jos 12:7, 8
e Num 34:2, 6
f Gen 15:18-21; Eks 3:17; Eks 23:23; Dut 7:1
g Jos 24:11
h Jos 10:2; Jos 11:19
i Jos 6:20
j Jos 8:24
k Jos 5:10; Jos 10:43
l Gen 10:15, 17; Gen 34:2; Eks 3:8
m Eks 34:12; Dut 7:2; Dut 20:16-18

Uhla 2
a Dut 20:10, 15
b Eks 9:16; Eks 15:13, 14; Jos 2:9, 10
c Num 21:21-24; Dut 2:32-34
d Num 21:33-35; Dut 3:3
e Dut 20:10, 11
f Jos 9:6
g Jos 9:5
h Jos 9:4
i Num 27:18, 21; 1Sa 30:7, 8
j Jos 11:19
k 2Sa 21:2

amadolobha abo kwakuyiGi-
bheyoni,[a] iKhefira, iBheroti
neKiriyati-jeyarimi.[b] **18** Ko-
dwa ama-Israyeli awabahla-
selanga abaseGibheyoni ngo-
ba izikhulu zenhlangano za-
zifunge uJehova[c] uNkulunkulu
ka-Israyeli kubo. Ngakho yonke
inhlangano yakhononda ngezi-
khulu. **19** Zonke izikhulu za-
thi kuyo yonke inhlangano:
“Ngenxa yokuthi sifunge kubo
uJehova uNkulunkulu ka-Isra-
yeli, asivunyelwe ukubalimaza.
**20** Nakhu esizokwenza: Nge-
ke sibabulale, ukuze uNkulu-
nkulu angasithukutheleli nge-
nxa yesifungo esisenze kubo.”[d]
**21** Izikhulu zaqhubeka zathi
kubo: “Mabangabulawa, kodwa
mabanikwe umsebenzi woku-
theza izinkuni nowokukhelela
yonke inhlangano amanzi.” Yi-
lokhu izikhulu ezabathembisa
kona.

**22** UJoshuwa wababiza wa-
khuluma nabo, wathi: “Nisikho-
hliseleni nathi, ‘Sivela endawe-
ni ekude kakhulu,’ kuyila-
pho nihlala khona lapha phaka-
thi kwethu?[e] **23** Kusukela ma-
nje niqalekisiwe[f] futhi niyo-
hlale nenza umsebenzi wo-
bugqila, nizotheza izinkuni ni-
khe namanzi endlu kaNkulu-
nkulu wami.” **24** Bamphendu-
la uJoshuwa bathi: “Kungenxa
yokuthi izinceku zakho zatshe-
lwa ngokucacile ukuthi uJeho-
va uNkulunkulu wakho waya-
la uMose inceku yakhe uku-
ba aninike lonke leli zwe fu-
thi aziqothule zonke izakha-
muzi zalo zisuke phambi kwe-
nu.[g] Ngakho besesaba ukuthi
ukuphila* kwethu kusengozi-
ni ngenxa yenu,[h] yingakho se-
nze lokhu.[i] **25** Manje sisesa-
ndleni sakho. Yenza noma yini
oyibona iyinhle futhi ilungi-
le.” **26** Yilokho kanye akwe-
nza kubo; wabasindisa esa-
ndleni sama-Israyeli, awazange
ababulale. **27** Kodwa ngalo-
lo suku uJoshuwa wabanika
umsebenzi wokutheza izinku-
ni nowokukha amanzi enhla-
ngano[a] nawe-altare likaJehova
endaweni uNkulunkulu ayezo-
yikhetha,[b] futhi kusenjalo kuze
kube namuhla.[c]

**10** Lapho nje u-Adoni-zedeki
inkosi yaseJerusalema
ezwa ukuthi uJoshuwa uli-
thathile i-Ayi wayeselibhu-
bhisa, ukuthi i-Ayi nenkosi
yalo[d] ulenze lokho akwenza eJe-
riko nasenkosini yalo,[e] noku-
thi abantu baseGibheyoni be-
nze ukuthula no-Israyeli[f] fu-
thi bazihlanganise naye, **2** we-
saba kakhulu,[g] ngoba iGibheyo-
ni laliyidolobha elikhulu, linje-
ngedolobha lasebukhosini. La-
lilikhulu kune-Ayi,[h] futhi wo-
nke amadoda akhona ayenga-
maqhawe. **3** Ngakho u-Adoni-
zedeki inkosi yaseJerusalema
wathumela umyalezo kuHoha-
mu inkosi yaseHebroni,[i] uPhira-
mu inkosi yaseJarimuthi, uJafi-
ya inkosi yaseLakishi nakuDe-
bhiri inkosi yase-Egiloni,[j] othi:
**4** “Wozani nizongisiza sihlasele
iGibheyoni ngoba lenze ukuthu-
la noJoshuwa nama-Israyeli.”[k]
**5** Ngenxa yalokho, amakhosi
amahlanu ama-Amori[l]—inkosi
yaseJerusalema, inkosi yase-
Hebroni, inkosi yaseJarimu-
thi, inkosi yaseLakishi nenkosi
yase-Egiloni—ahlangana ekanye
namabutho awo, ahamba ayovi-
mbezela iGibheyoni ukuze alwe
nalo.

**6** Amadoda aseGibheyoni
athumela umyalezo kuJoshuwa
ekamu eGiligali,[m] othi: “Unga-
zilahli* izigqila zakho.[n] Phuthu-

**9:24** *Noma, “imiphefumulo.”

**10:6** *NgesiHebheru, “Ungasivumeli isandla sakho siyethe ekusizeni.”

**ISAHL. 9**
a Jos 10:2
b Jos 18:11, 14; 1Sa 7:1; 1Kr 13:5
c Num 30:2; Dut 6:13
d 2Sa 21:1; Hu 15:4; Shu 5:4, 6
e Jos 9:6, 16
f Gen 9:25, 26
g Dut 7:1; Dut 20:16
h Dut 2:25; Dut 11:25; Jos 5:1
i Heb 11:31

**Uhla 2**
a Jos 9:21
b 1Kh 8:29; 2Kr 6:6
c 1Kr 9:2; Ezr 7:24; Ezr 8:17; Neh 3:26; Neh 7:60

**ISAHL. 10**
d Jos 8:24, 29
e Jos 6:2, 21
f Jos 9:9, 15; Jos 11:19
g Dut 2:25; Dut 11:25; Jos 2:10, 11; Jos 5:1
h Jos 8:25
i Gen 23:2; Num 13:22
j Jos 12:7, 10-12
k Jos 9:9, 15; Jos 11:19
l Gen 15:16
m Jos 5:10
n Jos 9:25, 27

ma! Sisindise, usisize. Wonke
amakhosi ama-Amori akhe ezi-
ntabeni ahlangene ukuze alwe
nathi.” **7** Ngakho uJoshuwa
wakhuphuka esuka eGiligali,
ekanye nalo lonke ibutho lempi
namaqhawe anamandla.[a]

**8** UJehova wathi kuJoshu-
wa: “Ungabesabi,[b] ngoba ngiba-
nikele esandleni sakho.[c] Ake-
kho noyedwa kubo ozokwazi
ukumelana nawe.”[d] **9** UJoshu-
wa wabathelekela bengalinde-
le ngemva kokuhamba ubusuku
bonke esuka eGiligali. **10** UJe-
hova wabaphithizelisa phambi
kwama-Israyeli,[e] abulala inqwa-
ba eGibheyoni, abajaha emqa-
nseni waseBheti-horoni futhi
ababulala aze ayofika e-Aze-
ka naseMakheda. **11** Njengoba
babebalekela ama-Israyeli futhi
sebesendaweni eyehlelayo ese-
Bheti-horoni, uJehova wabehli-
sela isichotho esikhulu sivela
esibhakabhakeni kwaze kwaba
se-Azeka, bafa. Empeleni, bani-
ngi ababulawa yisichotho kuna-
labo ababulawa ama-Israyeli
ngenkemba.

**12** Kungaleso sikhathi lapho
uJoshuwa akhuluma khona no-
Jehova phambi kuka-Israyeli,
ngosuku uJehova anqoba ngalo
ama-Amori phambi kwama-Isra-
yeli, wathi:

“Langa, yima[f] phezu kweGi-
bheyoni,[g]
Nawe nyanga, phezu kwe-
Sigodi* Sase-Ajaloni!”

**13** Ngakho ilanga lama la-
nganyakaza nenyanga yama,
kwaze kwaba yilapho isizwe se-
siziphindiselele ezitheni zaso.
Lokhu kulotshiwe encwadini
kaJashari.[h] Ilanga lama phaka-
thi nesibhakabhaka futhi ali-
zange linyakaze cishe isikhathi
esingangosuku lonke. **14** Alu-
kaze lube khona usuku olu-
njengalolo, ngaphambi kwa-
lo noma ngemva kwalo, lapho
uJehova alalela khona izwi lo-
muntu,[a] ngoba uJehova waye-
lwela u-Israyeli.[b]

**15** Ngemva kwalokho uJo-
shuwa nawo wonke u-Israyeli
babuyela ekamu eGiligali.[c]

**16** Phakathi nempi, ama-
khosi amahlanu abaleka ayo-
casha emhumeni eMakheda.[d]
**17** Kwathunyelwa umbiko ku-
Joshuwa, othi: “Amakhosi ama-
hlanu atholakale ecashe emhu-
meni eMakheda.”[e] **18** Ngakho
uJoshuwa wathi: “Gingqelani
amatshe amakhulu emlonye-
ni womhume bese nikhetha
amadoda azowagada. **19** Ko-
dwa nonke nina abanye akufa-
nele nime. Jahani izitha zenu,
nizibulale.[f] Ningazivumeli uku-
ba zingene emadolobheni azo,
ngoba uJehova uNkulunkulu
wenu uzinikele ezandleni zenu.”

**20** Ngemva kokuba uJoshu-
wa nama-Israyeli sebebulale
inqwaba yabantu, baze bacishe
babaqothula, ngaphandle kwa-
labo ababaleka bangena ema-
dolobheni abiyelwe ngezindo-
nga eziqinile, **21** wonke ama-
Israyeli abuyela kuJoshuwa
ngokuphepha ekamu, eMakhe-
da. Akekho noyedwa umuntu
owaba nesibindi sokusho noma
yini emelene* nama-Israyeli.
**22** UJoshuwa wabe esethi:
“Vulani umlomo womhume ni-
khiphe lawo makhosi amahla-
nu emhumeni niwalethe kimi.”
**23** Ngakho bawakhipha emhu-
meni lawo makhosi amahlanu
bawaletha kuye: inkosi yaseJe-
rusalema, inkosi yaseHebroni,
inkosi yaseJarimuthi, inkosi
yaseLakishi nenkosi yase-Egi-
loni.[g] **24** Lapho befika nala

**ISAHL. 10**
*a* Jos 8:3
*b* Dut 3:2; Dut 20:1
*c* Dut 7:24; Jos 11:6
*d* Jos 1:3-5
*e* Hu 44:3
*f* 2Kh 20:10; Hu 135:6; Isay 38:8
*g* Isay 28:21
*h* 2Sa 1:17, 18

**Uhla 2**
*a* Dut 9:18, 19; 1Kh 17:22; Jak 5:16
*b* Dut 1:30; Jos 23:3
*c* Jos 5:10; Jos 9:6
*d* Jos 10:10
*e* Jos 10:28
*f* Dut 28:7
*g* Jos 10:3-5; Jos 12:7, 10-12

**10:12** *Noma, “kweThafa Eliphansi.”

**10:21** *NgesiHebheru, “owacijisa ulimi lwakhe ngokumelene.”

makhosi kuJoshuwa, wabiza
wonke amadoda akwa-Israye-
li, wathi kubakhuzi bamabu-
tho ababehambe naye: “So-
ndelani lapha. Bekani izinya-
wo zenu ezintanyeni* zala ma-
khosi.” Ngakho basondela ba-
beka izinyawo zabo ezintanye-
ni* zawo.[a] **25** UJoshuwa wa-
yesethi kubo: “Ningesabi noma
nethuke.[b] Yibani nesibindi niqi-
ne, ngoba yilokhu uJehova azo-
kwenza kuzo zonke izitha zenu
enilwa nazo.”[c]

**26** Ngemva kwalokho uJo-
shuwa wawabulala wabe ese-
walengisa ezigxotsheni* ezi-
nhlanu, aqhubeka elenga ezi-
gxotsheni kwaze kwaba nta-
mbama. **27** Ekushoneni kwe-
langa uJoshuwa wayala uku-
ba ehliswe ezigxotsheni[d]
aphonswe emhumeni ayeca-
she kuwo. Ngemva kwalokho
kwabekwa amatshe amakhulu
emlonyeni womhume, asekho-
na kuze kube namuhla.

**28** UJoshuwa wahlasela iMa-
kheda[e] ngalolo suku wali-
bhubhisa ngenkemba. Wabula-
la inkosi yakhona nawo wonke
umuntu* owayekulo, kwangasi-
nda ngisho noyedwa.[f] Wenza
enkosini yaseMakheda[g] njengo-
ba nje ayenzile enkosini yaseJe-
riko.

**29** Ngemva kwalokho uJo-
shuwa nawo wonke u-Israyeli
basuka eMakheda baya eLibhi-
na balwa neLibhina.[h] **30** UJe-
hova nalo walinikela kanye ne-
nkosi yalo[i] esandleni sika-Isra-
yeli, balibhubhisa ngenkemba
kanye nawo wonke umuntu*
owayekulo, kwangasinda ngisho
noyedwa. Ngakho benza enkosi-
ni yalo njengoba nje babenzile
enkosini yaseJeriko.[a]

**31** Ngemva kwalokho, uJo-
shuwa nawo wonke u-Israye-
li basuka eLibhina baya eLa-
kishi[b] bafike balivimbezela ba-
lwa nalo. **32** UJehova wani-
kela iLakishi esandleni sama-
Israyeli, alithatha ngosuku lwe-
sibili. Alibhubhisa ngenkemba,
abulala wonke umuntu* owa-
yekulo,[c] njengoba nje ayenzile
eLibhina.

**33** UHoramu inkosi yaseGe-
zeri[d] wakhuphuka eyosiza iLa-
kishi, kodwa uJoshuwa wambu-
lala uHoramu nabantu bakhe
kwangasinda ngisho noyedwa.

**34** Ngemva kwalokho uJo-
shuwa nawo wonke u-Israye-
li basuka eLakishi baya e-Egilo-
ni[e] bafike balivimbezela balwa
nalo. **35** Balithatha ngalolo
suku balibhubhisa ngenkemba.
Babulala wonke umuntu owaye-
kulo* ngalo lolo suku, njengoba
nje babenzile eLakishi.[f]

**36** Ngemva kwalokho uJo-
shuwa nawo wonke u-Israye-
li bakhuphuka besuka e-Egi-
loni baya eHebroni[g] balwa
nalo. **37** Balithatha balibhu-
bhisa ngenkemba, lona kanye
nenkosi yalo, amadolobhana
angaphansi kwalo nawo wonke
umuntu owayekulo,* akusinda-
nga ngisho noyedwa. Njengoba
nje ayenzile e-Egiloni, walibhu-
bhisa kanye nawo wonke umu-
ntu owayekulo.

**38** Ekugcineni uJoshuwa
nawo wonke u-Israyeli ba-
phenduka balibangisa eDebhi-
ri[h] bafike balwa nalo. **39** Wa-
lithatha kanye nenkosi yalo
nawo wonke amadolobhana
angaphansi kwalo, bababulala
ngenkemba, baqothula wonke

ISAHL. 10
a Eks 23:27
b Dut 31:6; Jos 1:9
c Dut 3:21; Dut 7:18, 19
d Dut 21:22, 23; Jos 8:29
e Jos 10:10; Jos 15:20, 41
f Dut 20:16
g Jos 12:7, 16
h Jos 15:20, 42; Jos 21:13
i Jos 12:7, 15

Uhla 2
a Jos 6:2, 21
b Jos 10:3, 4; Jos 12:7, 11; Jos 15:20, 39
c Dut 20:16
d Jos 12:7, 12; Jos 16:10; Jos 21:20, 21; 1Kh 9:16
e Jos 10:3, 4; Jos 12:7, 12; Jos 15:20, 39
f Dut 20:16; Jos 10:32
g Gen 13:18; Gen 23:19; Num 13:22; Jos 10:3, 4; Jos 15:13; Jos 21:13
h Jos 12:7, 13; Jos 15:15

**10:24** *Okuwukuthi, ezijungujungwini noma engxenyeni engemuva yentamo. **10:26** *Noma, “ezihlahleni.” **10:28, 30, 32** *Noma, “nayo yonke imiphefumulo.”

**10:35** *Noma, “yonke imiphefumulo eyayikulo.” **10:37** *Noma, “nayo yonke imiphefumulo eyayikulo.”

umuntu owayekulo,[a] kwangasinda ngisho noyedwa.[b] Njengoba nje ayenzile eHebroni naseLibhina nasenkosini yakhona, wenza okufanayo eDebhiri nasenkosini yakhona.

**40** UJoshuwa walinqoba lonke izwe elisezintabeni, iNegebhi, iShefela[c] nezindawo ezigudle izintaba kanye nawo wonke amakhosi akhona, akusindanga ngisho noyedwa; wababhuqa bonke abantu,*[d] njengoba nje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli ayeyalile.[e] **41** UJoshuwa wabanqoba kusukela eKadeshi-barineya[f] kuze kuyofika eGaza[g] nalo lonke izwe laseGosheni[h] kukhuphuke kuze kufike eGibheyoni.[i] **42** UJoshuwa wawanqoba wonke la makhosi nezindawo ayezibusa, wonke ngasikhathi sinye, ngoba nguJehova uNkulunkulu ka-Israyeli owayelwela u-Israyeli.[j] **43** Ngemva kwalokho uJoshuwa nawo wonke u-Israyeli babuyela ekamu eGiligali.[k]

**11** Kwathi nje lapho uJabini inkosi yaseHazori ezwa ngakho, wathumela umyalezo kuJobabi inkosi yaseMadoni[l] nasenkosini yaseShimroni, enkosini yase-Akishafu,[m] **2** emakhosini ayesezintabeni ezisenyakatho, kulawo ayesemathafeni* aseningizimu yeKhinereti, nakulawo ayeseShefela nasezindaweni ezigudle izintaba zaseDori[n] entshonalanga, **3** kumaKhanani[o] asempumalanga nasentshonalanga, kuma-Amori,[p] kumaHeti, kumaPherizi, kumaJebusi asezintabeni nakumaHivi[q] phansi kweHermoni[r] ezweni laseMispa. **4** Ngakho aphuma nawo wonke amabutho awo, abantu abaningi ngangesihlabathi esisogwini lolwandle kanye nenqwaba yamahhashi nezinqola zempi. **5** Wonke la makhosi avumelana ukuba ahlangane, eza amisa amatende ndawonye ngasemithonjeni yaseMerome ukuze alwe no-Israyeli.

**6** Kulokhu uJehova wathi kuJoshuwa: "Ungabesabi,[a] ngoba kusasa ngalesi sikhathi ngizobanikela bonke ku-Israyeli ukuze nakanjani nibabulale. Amahhashi abo kumele niwanqume imisipha[b] nezinqola zabo kumele nizishise ngomlilo." **7** UJoshuwa nalo lonke ibutho lempi babathelekela bengalindele ngasemithonjeni yaseMerome babahlasela. **8** UJehova wabanikela esandleni sama-Israyeli,[c] abanqoba futhi abajaha kwaze kwaba seSidoni,[d] idolobha elikhulu, naseMisirefoti-mayimi[e] naseSigodini SaseMispe empumalanga, ababulala kwangasinda ngisho noyedwa.[f] **9** Ngemva kwalokho uJoshuwa wenza njengoba nje uJehova ayemyalile; amahhashi abo wawanquma imisipha nezinqola zabo wazishisa ngomlilo.[g]

**10** Ngaphezu kwalokho, uJoshuwa wabuyela emuva wafike wathatha iHazori, wabulala inkosi yalo ngenkemba,[h] ngoba iHazori lalikade liyinhloko yayo yonke le mibuso. **11** Babulala bonke abantu ababekulo ngenkemba, babaqothula.[i] Akusindanga ngisho noyedwa.[j] Wabe eselishisa ngomlilo iHazori. **12** UJoshuwa wawanqoba wonke amadolobha ala makhosi, waqothula wonke amakhosi akhona ngenkemba.[k] Wawabulala,[l] njengoba nje uMose inceku kaJehova ayeyalile. **13** Nokho, ama-Israyeli awawashisanga amadolobha ayakhiwe emanxiweni ngaphandle

**ISAHL. 10**
a Dut 7:2
b Jos 11:14
c Jos 9:1, 2; Hlu 1:9
d Lev 27:29; Dut 20:16; Jos 11:14
e Dut 7:2; Dut 9:5
f Num 34:2, 4; Dut 9:23
g Dut 2:23
h Jos 15:20, 51
i Jos 11:16, 19
j Eks 14:14; Dut 1:30
k Jos 4:19

**ISAHL. 11**
l Jos 12:7, 19
m Jos 12:7, 20
n Jos 17:11; Hlu 1:27
o Num 13:29
p Gen 15:16
q Dut 7:1; Dut 20:17
r Dut 4:48

**Uhla 2**
a Jos 10:8
b Dut 17:16; IzA 21:31
c Jos 21:44
d Gen 10:19; Jos 19:28, 31
e Jos 13:1, 6
f Dut 20:16
g Jos 11:6
h Jos 12:7, 19
i Lev 27:29
j Dut 20:16; Jos 11:14
k Dut 9:5
l Dut 7:2, 16

**10:40** *NgesiHebheru, "yonke into ephefumulayo." **11:2** *Noma, "ayese-Araba."

kweHazori; yilo kuphela uJo-
shuwa alishisa. **14** Ama-Isra-
yeli azithathela yonke impango
nemfuyo yala madolobha.[a] Ko-
dwa bonke abantu ababulala
ngenkemba aze abaqeda nya.[b]
Awashiyanga noyedwa ophefu-
mulayo.[c] **15** Njengoba nje uJe-
hova ayeyale uMose inceku
yakhe, uMose wamyala kanja-
lo uJoshuwa,[d] uJoshuwa we-
nza kanjalo. Akukho nokuko-
dwa angakwenzanga kukho ko-
nke uJehova ayeyale ngakho
uMose.[e]

**16** UJoshuwa walinqoba lo-
nke leli zwe, indawo ese-
zintabeni, yonke iNegebhi,[f] lo-
nke izwe laseGosheni, iShefe-
la,[g] i-Araba[h] nendawo yakwa-
Israyeli esezintabeni namagqu-
ma ayo,* **17** kusukela eNta-
beni iHalaki enyuka ize iyofi-
ka eSeyiri kuze kufike eBha-
li-gadi[i] eSigodini SaseLebhano-
ni esiphansi kweNtaba iHermo-
ni,[j] wathumba wonke amakho-
si akhona wawanqoba, wawa-
bulala. **18** Kwathatha isikha-
thi esijana ukuba uJoshuwa
alwe nawo wonke la makho-
si. **19** Akukho dolobha elenza
isivumelwano sokuthula nama-
Israyeli ngaphandle kwamaHivi
ayehlala eGibheyoni.[k] Ama-
Israyeli alwa nabo bonke aba-
nye abanqoba.[l] **20** NguJeho-
va owavumela izinhliziyo zabo
ukuba zibe lukhuni[m] ukuze ba-
lwe no-Israyeli, ukuze ababhu-
bhise ngaphandle kokubaboni-
sa umusa.[n] Kwakufanele ba-
bhujiswe, njengoba nje uJeho-
va ayeyale uMose.[o]

**21** Ngaleso sikhathi uJoshu-
wa wawaqeda wonke ama-Ana-
ki[p] ayesezintabeni, eHebroni,
eDebhiri, e-Anabi, kuyo yonke
indawo yakwaJuda esezintabe-
ni nakuyo yonke indawo ya-
kwa-Israyeli esezintabeni. UJo-
shuwa wawabhubhisa kanye
namadolobha awo.[a] **22** Aku-
kho ma-Anaki asala ezweni
lama-Israyeli; asala[b] eGaza,[c]
eGati[d] nase-Ashidodi[e] kuphela.
**23** Ngakho uJoshuwa walitha-
tha lonke izwe, njengoba nje
uJehova ayethembise uMose,[f]
uJoshuwa wabe eselinika ama-
Israyeli ukuba ahlukaniselane
lona ngokwezizwe zawo.[g] Izwe
laba nokuthula alibange lisa-
phazanyiswa yimpi.[h]

**12** Yilawa amakhosi anqo-
tshwa ama-Israyeli empu-
malanga yeJordani, abe ese-
thatha izwe lawo kusukela eSi-
godini* Sase-Arinoni[i] kukhu-
phukele eNtabeni iHermoni[j]
nayo yonke ingxenye ye-Araba
engasempumalanga:[k] **2** USi-
honi[l] inkosi yama-Amori owa-
yehlala eHeshibhoni, ebusa ku-
sukela e-Aroweri[m] elalisonqe-
nqemeni lweSigodi# Sase-Ari-
noni,[n] naphakathi nesigodi ne-
ngxenye yeGileyadi kuze ku-
fike eSigodini* SaseJabho-
ki, esiwumngcele wama-Amo-
ni. **3** Wayebusa nasengxenye-
ni esempumalanga ye-Araba
kuze kufike oLwandle Lwase-
Khinereti*[o] kuze kuyofika
oLwandle Lwase-Araba, uLwa-
ndle Lukasawoti,# kuye empu-
malanga ngaseBheti-jeshimoti,
nangaseningizimu phansi kwe-
ntaba iPhisiga.[p]

**4** Ama-Israyeli athatha ne-
ndawo ka-Ogi[q] inkosi yase-
Bhashani, owayephakathi kwa-
maRefa[r] okugcina owayehla-
la e-Ashitaroti nase-Edireyi,

**11:16** *Noma, "neShefela layo."

**12:1, 2** *Noma, "eMhosheni." **12:2** #Noma, "loMhosha." **12:3** *Okuwukuthi, ichibi laseGenesaretha, noma uLwandle LwaseGalile. #Okuwukuthi, uLwandle Olufile.

**ISAHL. 11**

- *a* Jos 8:2, 27
- *b* Dut 7:2
- *c* Dut 20:16
- *d* Dut 3:28; Dut 7:1; Dut 31:7
- *e* Dut 4:2, 5
- *f* Num 13:17; Dut 1:7
- *g* Jos 10:40, 41
- *h* Jos 12:7, 8
- *i* Jos 13:1, 5
- *j* Dut 4:48; Jos 13:8, 11
- *k* Jos 9:7, 15
- *l* Dut 20:17
- *m* Dut 2:30
- *n* Eks 34:12; Dut 7:2
- *o* Dut 20:16
- *p* Num 13:22; Dut 1:28; Jos 15:13, 14

**Uhla 2**

- *a* Lev 27:29; Jos 11:12; Jos 24:11
- *b* Eks 23:28-30
- *c* Hlu 1:18
- *d* 1Sa 17:4
- *e* 2Kr 26:1, 6
- *f* Eks 23:27; Dut 11:23
- *g* Num 26:53, 54; Jos 14:1
- *h* Jos 14:15; Jos 21:44; Jos 23:1

**ISAHL. 12**

- *i* Dut 2:24
- *j* Dut 3:8
- *k* Dut 4:47-49
- *l* Num 21:23, 24
- *m* Dut 3:12
- *n* Num 21:13
- *o* Joh 6:1
- *p* Dut 3:27
- *q* Num 21:33-35
- *r* Dut 3:11

5 nowayebusa eNtabeni iHe-
rmoni, eSaleka nakulo lonke
iBhashani,[a] kuze kufike em-
ngceleni wamaGeshuri nama-
Mahakhati,[b] nengxenye yeGile-
yadi kuya endaweni kaSihoni
inkosi yaseHeshibhoni.[c]
6 UMose inceku kaJeho-
va nama-Israyeli bawanqo-
ba,[d] okwathi ngemva kwalokho
uMose inceku kaJehova wani-
ka abakwaRubeni, abakwaGadi
nohhafu wesizwe sakwaMana-
se izwe lawo.[e]
7 Yilawa amakhosi uJoshu-
wa nama-Israyeli abawanqoba
entshonalanga yeJordani, ku-
sukela eBhali-gadi[f] eSigodini
SaseLebhanoni[g] kuze kufike
eNtabeni iHalaki[h] enyuka ize
iyofika eSeyiri,[i] okwathi nge-
mva kwalokho uJoshuwa wa-
thatha izwe lawo walabela
izizwe zakwa-Israyeli,[j] 8 isi-
funda esinezintaba, iShefe-
la, i-Araba, izindawo ezehlela-
yo, ihlane neNegebhi[k]—izwe la-
maHeti, lama-Amori,[l] lamaKha-
nani, lamaPherizi, lamaHivi ne-
lamaJebusi:[m]

9 Yilawa-ke amakhosi:
Inkosi yaseJeriko,[n] inkosi
yase-Ayi[o] eyayiseceleni
kweBhethele,
10 inkosi yaseJerusalema,
inkosi yaseHebroni,[p]
11 inkosi yaseJarimuthi,
inkosi yaseLakishi,
12 inkosi yase-Egiloni,
inkosi yaseGezeri,[q]
13 inkosi yaseDebhiri,[r]
inkosi yaseGederi,
14 inkosi yaseHorma,
inkosi yase-Aradi,
15 inkosi yaseLibhina,[s]
inkosi yase-Adulamu,
16 inkosi yaseMakheda,[t]
inkosi yaseBhethele,[u]
17 inkosi yaseTaphuwa,
inkosi yaseHeferi,
18 inkosi yase-Afeki,
inkosi yaseLasharoni,
19 inkosi yaseMadoni,
inkosi yaseHazori,[a]
20 inkosi yaseShimroni-
meroni, inkosi yase-
Akishafu,
21 inkosi yaseThahanaki,
inkosi yaseMegido,
22 inkosi yaseKedeshi,
inkosi yaseJokineyamu[b]
eKarmeli,
23 inkosi yaseDori eyayi-
sendaweni egudle izinta-
ba zaseDori,[c] inkosi yase-
Goyimi eGiligali,
24 nenkosi yaseTiriza; ese-
wonke la makhosi ayengu-31.

**13** Manje uJoshuwa wayese-
gugile, iminyaka isihambi-
le.[d] Ngakho uJehova wathi kuye:
“Wena usugugile neminyaka ya-
kho isihambile, kodwa kusasele
indawo enkulu okumele idliwe.*
2 Nansi indawo esasele:[e] zonke
izindawo zamaFilisti nazo zonke
ezamaGeshuri[f] 3 (ukusuka la-
pho kuhlukana khona iNayile*
ngasempumalanga# yeGibhithe
kuze kube semngceleni wase-
Ekroni enyakatho, okuyindawo
eyayibhekwa njengeyamaKhana-
ni);[g] kuhlanganise nezamakhosi
amahlanu amaFilisti[h]—iGaza, i-
Ashidodi,[i] i-Ashikeloni,[j] iGiti[k]
ne-Ekroni;[l] ezama-Avi[m] 4 nga-
seningizimu; lonke izwe lama-
Khanani; iMeyara, engeyabase-
Sidoni,[n] kuze kube se-Afeki
engasemngceleni wama-Amori;
5 izwe lamaGebhali[o] nayo yo-
nke ingxenye yeLebhanoni ese-
mpumalanga, kusukela eBhali-
gadi phansi kweNtaba iHermo-
ni kuya eLebo-hamati;*[p] 6 izi-
ndawo ezisezintabeni kusukela

13:1 *Noma, “inqotshwe.” 13:3 *Noma, “esukela eShihori.” #NgesiHeberu, “phambi.” 13:5 *Noma, “ekuqaleni kweHamati.”

ISAHL. 12
a Dut 29:7
b Jos 13:13
c Num 21:26
d Num 21:23, 24; Num 21:33-35
e Num 32:33; Dut 3:12, 13
f Jos 13:1, 5
g Jos 1:4
h Jos 11:16, 17
i Dut 2:12
j Jos 11:23
k Jos 10:40; Jos 11:16
l Gen 15:16
m Eks 3:8; Eks 23:23; Dut 7:1
n Jos 6:2
o Jos 8:29
p Jos 10:23, 26
q Jos 10:33
r Jos 10:38
s Jos 10:29
t Jos 10:28
u Hlu 1:22

Uhla 2
a Jos 11:1, 10
b Jos 21:34
c Jos 11:1, 2

ISAHL. 13
d Jos 23:1; Jos 24:29
e Eks 23:29, 30
f 1Sa 27:8
g Gen 10:19
h Hlu 3:1, 3; 1Sa 6:4
i Jos 15:20, 46
j Hlu 14:19
k 2Sa 21:19
l 1Sa 5:10
m Dut 2:23
n Hlu 1:31
o 1Kh 5:18
p Num 34:2, 8

eLebhanoni[a] kuze kube seMisi-
refoti-mayimi;[b] nayo yonke inda-
wo yamaSidoni.[c] Ngizothatha
izwe labo ngilinike ama-Israye-
li.[d] Wena nje kufanele ulabele
ama-Israyeli libe yifa lawo, nje-
ngoba nje ngikuyalile.[e] **7** Ku-
mele uhlukanise leli zwe libe
yifa lezizwe ezingu-9 ka-
nye nohhafu wesizwe sakwaMa-
nase."[f]

**8** AbakwaRubeni, abakwaGa-
di kanye nomunye uhhafu wesi-
zwe sakwaManase balithatha ifa
labo abalinikwa uMose ngase-
mpumalanga yeJordani, njengo-
ba nje uMose inceku kaJe-
hova ayebanike lona:[g] **9** kusu-
kela e-Aroweri,[h] elisonqenqeme-
ni lweSigodi* Sase-Arinoni[i] na-
sedolobheni eliphakathi nesigo-
di, nalo lonke izwe elisethafe-
ni# laseMedeba kuze kufike eDi-
boni; **10** nayo yonke imizi ka-
Sihoni inkosi yama-Amori, owa-
yebusa eHeshibhoni, kuze kufi-
ke emngceleni wabakwa-Amoni;[j]
**11** kanye neGileyadi nendawo
yamaGeshuri namaMahakhati[k]
nayo yonke iNtaba iHermoni
nalo lonke iBhashani[l] kuze kufi-
ke eSaleka;[m] **12** yonke indawo
eyayibuswa u-Ogi eBhashani,
owayebusa e-Ashitaroti nase-
Edireyi. (Wayephakathi kwama-
Refa okugcina.)[n] UMose waba-
nqoba wathatha izwe labo.*[o]
**13** Kodwa ama-Israyeli awawa-
xoshanga*[p] amaGeshuri nama-
Mahakhati, ngoba amaGeshuri
namaMahakhati asahlala phaka-
thi kuka-Israyeli kuze kube na-
muhla.

**14** Yisizwe samaLevi kuphe-
la angasinikanga ifa.[q] Iminikelo
kaJehova uNkulunkulu ka-Isra-
yeli eshiswa emlilweni iyona
eyifa laso,[a] njengoba nje ayesi-
thembisile.[b]

**15** UMose wanika isizwe sa-
kwaRubeni ifa ngokwemindeni
yaso, **16** indawo yaso yayiqa-
la e-Aroweri, elisonqenqemeni
lweSigodi Sase-Arinoni, nase-
dolobheni eliphakathi nesigo-
di, nalo lonke izwe elise-
thafeni# laseMedeba; **17** iHe-
shibhoni nawo wonke amado-
lobhana alo[c] asethafeni, iDibo-
ni, iBhamoti-bhali, iBheti-bha-
li-mehoni,[d] **18** iJahazi,[e] iKe-
demoti,[f] iMefahati,[g] **19** iKiri-
yatayimi, iSibhima,[h] iZereti-
shahari elisentabeni engasesi-
godini,* **20** iBheti-peyori, izi-
ndawo ezigudle iPhisiga,[i] iBhe-
ti-jeshimoti,[j] **21** wonke ama-
dolobha asethafeni, nayo yo-
nke indawo ebuswa uSihoni
inkosi yama-Amori, owayebu-
sa eHeshibhoni.[k] UMose wam-
nqoba[l] kanye nezikhulu zakwa-
Midiyani, u-Evi, uRekemi, uZu-
ri, uHure noRebha,[m] amakhosi
ayengaphansi kukaSihoni aye-
hlala kulelo zwe. **22** UBhala-
mi[n] indodana kaBheyori, isa-
ngoma,[o] wabulawa ama-Israyeli
ngenkemba kanye nabo bonke
abanye ababulawa. **23** Um-
ngcele wabakwaRubeni kwaku-
yiJordani; le ndawo yayiyifa la-
bakwaRubeni ngokwemindeni
yabo, kanye namadolobha ayo
nemizi engaphansi kwawo.

**24** Ngaphezu kwalokho,
uMose wabela isizwe sakwa-
Gadi ifa, abakwaGadi ngo-
kwemindeni yabo, **25** indawo
yabo yayihlanganisa iJazeri[p]
nawo wonke amadolobha ase-
Gileyadi kanye nengxenye ye-
zwe lakwa-Amoni[q] kuze ku-
fike e-Aroweri, elingaseRa-
ba;[r] **26** nokusuka eHeshibho-

**13:9** *Noma, "loMhosha." **13:9, 16** #Noma, "elisenkangala." **13:12** *Noma, "wabanqoba wabaxosha." **13:13** *Noma, "awawaphucanga indawo yawo."

**13:19** *Noma, "engasethafeni eliphansi."

ISAHL. 13
a Dut 3:25
b Jos 11:8
c Hlu 3:1-3
d Eks 23:30
e Num 34:17; Jos 14:1
f Num 33:54
g Num 32:33; Jos 22:4
h Dut 3:12
i Num 21:13
j Num 21:23, 24
k Dut 3:14
l Jos 17:1
m 1Kr 5:11
n Dut 3:11
o Num 21:23, 24; Num 21:33-35
p Num 33:55; Jos 23:12, 13
q Num 18:20; Dut 10:9; Dut 12:12

Uhla 2
a Lev 7:33-35; Dut 18:1
b Num 18:24
c Num 21:25, 26
d Num 32:37, 38
e Num 21:23
f Dut 2:26
g Jos 21:8, 37
h Num 32:37, 38
i Dut 3:16, 17
j Num 33:48, 49
k Num 21:25
l Dut 2:30
m Num 31:7, 8
n Num 22:5; 2Pe 2:15
o Num 22:7
p Num 32:34, 35
q Jos 12:2; Hlu 11:13
r 2Sa 11:1

ni[a] kuze kube seRamati-mispe
naseBethonimi naseMahanayi-
mi[b] kuze kube semngceleni we-
Debhiri; **27** nasesigodini,*
eBheti-haramu, eBheti-nimra,[c]
eSukoti[d] naseZafoni, yonke
indawo ebuswa uSihoni inko-
si yaseHeshibhoni,[e] iJordani li-
wumngcele ukusuka emaphe-
thelweni oLwandle LwaseKhi-
nereti[#][f] empumalanga yeJorda-
ni. **28** Leli zwe laliyifa laba-
kwaGadi ngokwemindeni yabo,
kanye namadolobha alo nemizi
engaphansi kwawo.

**29** Ngaphezu kwalokho,
uMose wabela uhhafu wesizwe
sakwaManase ifa, laba elohha-
fu wesizwe sakwaManase ngo-
kwemindeni yabo.[g] **30** Inda-
wo yabo yayiqala eMahanayi-
mi[h] ihlanganise lonke iBhasha-
ni, yonke indawo eyayibuswa u-
Ogi inkosi yaseBhashani, nayo
yonke imizi engamatende ka-
Jayire[i] eBhashani, amadolobha-
na angu-60. **31** Uhhafu weGi-
leyadi ne-Ashitaroti ne-Edire-
yi,[j] amadolobha ayebuswa u-Ogi
eBhashani, kwabelwa amadoda-
na kaMakiri[k] indodana kaMana-
se, uhhafu wamadodana kaMa-
kiri ngokwemindeni yawo.

**32** Lawa amafa uMose aba-
nika wona emathafeni awugwa-
dule akwaMowabi ngaphesheya
kweJordani, empumalanga ye-
Jeriko.[l]

**33** Kodwa uMose akasinika-
nga ifa isizwe samaLevi.[m] UJe-
hova uNkulunkulu ka-Israyeli
uyena oyifa laso, njengoba nje
asithembisa.[n]

**14** Yileli ifa elathathwa ama-
Israyeli ezweni laseKha-
nani, lelo u-Eleyazare umpri-
sti noJoshuwa indodana kaNu-
ni kanye nezinhloko zemindeni
yoyise yezizwe zakwa-Israyeli
abawanika lona laba yifa lawo.[a]
**2** Ifa lawo labiwa ngenkatho,[b]
njengoba nje uJehova aye-
yalile ngoMose ngokuphathele-
ne nezizwe ezingu-9 nohhafu.[c]
**3** UMose wayeselabile ifa lale-
zi ezinye izizwe ezimbili nohha-
fu ngaphesheya* kweJordani,[d]
amaLevi akawanikanga ifa nje-
ngazo zonke izizwe zakwa-Isra-
yeli.[e] **4** Inzalo kaJosefa yayi-
bhekwa njengezizwe ezimbili,[f]
isizwe sakwaManase nesakwa-
Efrayimi;[g] amaLevi awanikwa-
nga sabelo ezweni, ngapha-
ndle kwamadolobha[h] ayezohla-
la kuwo namadlelo emfuyo ne-
zinkomo.[i] **5** Ngakho ama-Isra-
yeli alihlukanisa izwe njengoba
nje uJehova ayemyalile uMose.

**6** Amanye amadoda esi-
zwe sakwaJuda aya kuJoshu-
wa eGiligali,[j] uKalebi[k] indo-
dana kaJefune umKhenizi wa-
thi kuye: "Uyakwazi lokho
uJehova akusho[l] kuMose ince-
ku kaNkulunkulu weqiniso[m]
ngokuqondene nami nawe eKa-
deshi-barineya.[n] **7** Ngangi-
neminyaka engu-40 ubudala
lapho uMose inceku kaJeho-
va engithuma ngisuka eKa-
deshi-barineya ukuba ngiyo-
hlola izwe,[o] futhi ngabuya
nombiko oqondile.*[p] **8** Naku-
ba abafowethu engangihambe
nabo bathusa abantu,* mina
ngamlandela ngenhliziyo yami
yonke[#] uJehova uNkulunku-
lu wami.[q] **9** Ngakho uMose
wafunga ngalolo suku, wa-
thi: 'Izwe unyawo lwakho
olunyathele kulo liyohlale li-
yifa lakho namadodana akho,

ISAHL. 13

*a* Num 21:26
*b* Gen 32:2; Jos 21:8, 38
*c* Num 32:34, 36
*d* Gen 33:17
*e* Num 21:26
*f* Num 34:2, 11; Dut 3:16, 17; Joh 6:1
*g* Dut 3:13
*h* 1Kr 6:77, 80
*i* Num 32:40, 41; Dut 3:14
*j* Num 21:33
*k* Num 32:39
*l* Num 32:33
*m* Dut 10:9; Jos 18:7
*n* Num 18:24; Num 26:62, 63; Dut 18:1

Uhla 2

ISAHL. 14

*a* Num 34:17; Jos 19:51
*b* Num 26:55; Num 33:54; IzA 16:33; IzE 13:19
*c* Num 34:13
*d* Num 32:29
*e* Dut 10:9; Jos 13:14
*f* Gen 48:5; 1Kr 5:2
*g* Gen 48:19, 20
*h* Num 35:7; Jos 21:1, 2
*i* Num 35:2, 5
*j* Jos 4:19; Jos 10:43
*k* Num 32:11, 12
*l* Dut 1:35, 36
*m* Num 12:7, 8
*n* Num 13:26
*o* Num 13:2, 6
*p* Num 13:30; Num 14:6, 7
*q* Num 14:24; Num 32:11, 12

**13:27** *Noma, "nasethafeni eliphansi." #Okuwukuthi, ichibi laseGenesaretha, noma uLwandle LwaseGalile.

**14:3** *Okuwukuthi, ngasempumalanga. **14:7** *NgesiHebheru, "nezwi njengoba nje lalinjalo enhliziyweni yami." **14:8** *NgesiHebheru, "babangela ukuba izinhliziyo zabantu zincibilike." #NgesiHebheru, "ngokugcwele; ngokuphelele."

ngoba umlandele ngenhliziyo
yakho yonke uJehova uNku-
lunkulu wami.'[a] **10** Manje nje-
ngoba nje athembisa,[b] uJehova
ungilondile[c] le minyaka engu-
45 kusukela ngesikhathi uJe-
hova enza ngaso lesi sithe-
mbiso kuMose lapho u-Israye-
li esesehlane;[d] namuhla ngi-
neminyaka engu-85. **11** Nana-
muhla ngisenamandla njenga-
sosukwini uMose angithuma
ngalo. Amandla ami asenje-
ngoba nje ayenjalo ngaleso si-
khathi, ngisakwazi ukulwa no-
kwenza ezinye izinto. **12** Nga-
kho, nginike le ndawo ese-
zintabeni uJehova asithembisa
yona ngalolo suku. Nakuba we-
zwa ngalolo suku ukuthi kwa-
kukhona ama-Anaki[e] lapho na-
madolobha amakhulu anezivi-
kelo eziqinile,[f] nakanjani* uJe-
hova uzoba nami[g] futhi ngizo-
waxosha,# njengoba nje uJeho-
va athembisa."[h]

**13** Ngakho uJoshuwa wa-
mbusisa uKalebi indodana ka-
Jefune, wamnika iHebroni laba
yifa lakhe.[i] **14** Yingakho iHe-
broni liyifa likaKalebi indoda-
na kaJefune umKhenizi kuze
kube namuhla, ngenxa yoku-
thi walandela uJehova uNku-
lunkulu ka-Israyeli ngenhli-
ziyo yakhe yonke.[j] **15** Esikha-
thini esingaphambili iHebro-
ni lalaziwa ngokuthi iKiriyati-
ariba[k] (u-Ariba wayengumuntu
omkhulu phakathi kwama-Ana-
ki). Izwe laba nokuthula aliba-
nge lisaphazanyiswa yimpi.[l]

**15** Izwe elabelwa*[m] iminde-
ni yesizwe sakwaJuda la-
finyelela emngceleni wakwa-
Edomi,[n] ihlane laseZini, kuya
eNegebhi emkhawulweni wayo
oseningizimu. **2** Umngcele
walo oseningizimu wawusuka
emaphethelweni oLwandle Lu-
kasawoti,*[a] ethekwini elibheke
eningizimu. **3** Wawuqhubeke-
la ngaseningizimu emqanseni
wase-Akarabimi,[b] uwelele eZi-
ni bese wenyuka usuka eni-
ngizimu uye eKadeshi-barine-
ya,[c] uwelele eHezironi, ukhu-
phukele e-Adari bese uzungeza
uye eKaraka. **4** Wawube usu-
dlulela e-Azimoni[d] bese uya
eMhosheni* WaseGibhithe,[e] lo
mngcele wawuphelela oLwa-
ndle.# Lona kwakuwumngcele
wale mindeni oseningizimu.

**5** Umngcele osempumala-
nga kwakuwuLwandle Lukasa-
woti* kuze kufike phezulu
emaphethelweni eJordani, um-
ngcele ongasenyakatho wawu-
qala ethekwini lolwandle, ema-
phethelweni eJordani.[f] **6** Lo
mngcele wawenyukela eBheti-
hogila[g] uwelele enyakatho ye-
Bheti-araba,[h] wenyukele etshe-
ni likaBohanu[i] indodana kaRu-
beni. **7** Umngcele wawukhu-
phukela eDebhiri eSigodini
Sase-Akori,*[j] ujikele ngase-
nyakatho uye eGiligali,[k] epha-
mbi komqansa wase-Adumimi
oseningizimu yomhosha, uwe-
lele emanzini ase-Eni-sheme-
shi[l] bese uphelela e-Eni-roge-
li.[m] **8** Lo mngcele wawukhu-
phukela eSigodini Sendodana
KaHinomu[n] ugudle izintaba za-
maJebusi[o] eningizimu, oku-
ngukuthi eJerusalema,[p] wa-
wube usukhuphukela esiqo-
ngweni sentaba ebhekene ne-
Sigodi SikaHinomu entshona-
langa, esisemaphethelweni eSi-
godi SamaRefa* enyakatho.

**ISAHL. 14**
a Dut 1:36
b Jos 21:45
c Num 14:29, 30
d Num 14:33
e Num 13:33
f Num 13:22, 28
g Num 14:8; Rom 8:31
h Jos 15:14; Hlu 1:20
i Jos 10:36, 37; Jos 15:13; Jos 21:11, 12; 1Kr 6:55, 56
j Num 14:24; Dut 1:35, 36; Jos 14:8
k Gen 23:2
l Lev 26:6; Jos 11:23

**ISAHL. 15**
m Num 26:55
n Gen 36:19

**Uhla 2**
a Num 34:2, 3
b Hlu 1:36
c Num 34:4
d Num 34:2, 5
e 1Kh 8:65
f Num 34:12
g Jos 18:19, 20
h Jos 18:21, 22
i Jos 18:17, 20
j Jos 7:26
k Jos 5:8, 9
l Jos 18:17, 20
m 1Kh 1:9
n Jos 18:16, 20; 2Kh 23:10; Jer 7:31
o Hlu 1:21
p Jos 18:28; Hlu 19:10

---

**14:12** *Noma, "cishe." #Noma, "ngizoyithatha indawo yawo." **15:1** *Noma, "elabelwa ngenkatho."

**15:2, 5** *Okuwukuthi, uLwandle Olufile. **15:4** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. #Okuwukuthi, uLwandle Olukhulu, iMedithera. **15:7** *Noma, "eThafeni Lase-Akori." **15:8** *Noma, "eThafeni LamaRefa."

**9** Umngcele wawube usesuka
esiqongweni sentaba uze uyofi-
ka emthonjeni waseNefitowa,[a]
udlulele emadolobheni aseNta-
beni i-Efroni; umngcele wawu-
ze ufike eBhahala, okunguku-
thi eKiriyati-jeyarimi.[b] **10** Lo
mngcele wawuzungeza usuka
eBhahala uye ngasentshona-
langa eNtabeni iSeyiri, udlu-
le uyogudla iNtaba iJeharimu
enyakatho, okungukuthi eKhe-
saloni, wehlele eBheti-sheme-
shi[c] bese uwelela eThimna.[d]
**11** Umngcele wawudlula uyo-
gudla intaba yase-Ekroni[e] enya-
katho, uze uyofika eShikero-
ni udlulele eNtabeni iBhaha-
la uqhubekele eJabiniyeli, uze
uyophelela olwandle.

**12** Umngcele osentshonala-
nga kwakuwuLwandle Olukhu-
lu*[f] nogu lwalo. Lona kwaku-
wumngcele wenzalo yakwaJu-
da ngokwemindeni yayo zinhla-
ngothi zonke.

**13** Wanika uKalebi[g] indodana
kaJefune isabelo phakathi
kwenzalo kaJuda ngokuvumela-
na nomyalo kaJehova awuni-
ka uJoshuwa, wamnika iKiri-
yati-ariba (u-Ariba wayenguyise
ka-Anaki), okungukuthi iHebro-
ni.[h] **14** Ngakho uKalebi wawa-
xosha lapho amadodana ama-
thathu ka-Anaki:[i] uSheshayi,
u-Ahimani noTalimayi,[j] inzalo
ka-Anaki. **15** Ngemva kwalo-
kho wakhuphuka wayokulwa
nabaseDebhiri.[k] (IDebhiri lalika-
de libizwa ngokuthi iKiriyati-se-
feri.) **16** UKalebi wabe esethi:
"Indoda ezohlasela iKiriyati-se-
feri ilinqobe, ngizoyinika indo-
dakazi yami u-Akisa ibe umka-
yo." **17** U-Otheniyeli[l] indodana
kaKhenazi,[m] umfowabo kaKale-
bi, walinqoba. Ngakho wamnika
u-Akisa indodakazi yakhe[n] waba
umkakhe. **18** Lapho u-Akisa
eseya emzini wakhe, wancenga
umyeni wakhe ukuba acele insi-
mu kuyise. U-Akisa wabe ese-
hla embongolweni.* UKalebi wa-
thi kuye: "Ufunani?"[a] **19** Wa-
thi: "Ngicela ungiphe isipho esi-
yisibusiso, ngoba unginike isi-
qephu sezwe esomile kuphela
esiseningizimu;* nginike neGu-
lothi-mayimi."# Ngakho wamni-
ka iGulothi Elingenhla neGulo-
thi Elingezansi.

**20** Leli kwakuyifa lesizwe sa-
kwaJuda ngokwemindeni yaso.

**21** Amadolobha ayesema-
phethelweni esizwe sakwaJuda
ukuya ngasemngceleni wakwa-
Edomi[b] eningizimu kwakuyila-
wa: iKabiziyeli, i-Edere, iJagu-
ri, **22** iKhina, iDimona, i-Ada-
da, **23** iKedeshi, iHazori, i-Iti-
nani, **24** iZifi, iThelemi, iBhe-
yaloti, **25** iHazori-hadatha,
iKheriyoti-hezironi, okunguku-
thi iHazori, **26** i-Amamu, iShe-
ma, iMolada,[c] **27** iHazari-gada,
iHeshimoni, iBheti-pheleti,[d]
**28** iHazari-shuwali, iBheri-she-
ba,[e] iBhiziyothiya, **29** iBhaha-
la, i-Imi, i-Ezemi, **30** i-Elitoladi,
iKhesili, iHorma,[f] **31** iZikilagi,[g]
iMadimana, iSanisana, **32** iLe-
bhawoti, iShilihimi, i-Ayini ne-
Rimoni[h]—esewonke amadolobha
ayengu-29 kanye nemizi enga-
phansi kwawo.

**33** EShefela[i] kwakuyilawa:
i-Eshitawoli, iZora,[j] i-Ashina,
**34** iZanowa, i-Eni-ganimi, iTa-
phuwa, i-Enamu, **35** iJarimu-
thi, i-Adulamu,[k] iSoko, i-Aze-
ka,[l] **36** iShaharayimi,[m] i-Adi-
tayimi, iGedera neGederotayi-
mi*—amadolobha angu-14 nemi-
zi engaphansi kwawo.

ISAHL. 15
a Jos 18:15, 20
b Jos 9:16, 17; 2Sa 6:2; 1Kr 13:6
c Jos 21:8, 16
d Jos 19:43, 48; Hlu 14:1, 2; 2Kr 28:18
e 1Sa 5:10; 1Sa 7:14; 2Kh 1:2
f Num 34:2, 6; Dut 11:24
g Num 13:30; Dut 1:36
h Gen 23:2; Gen 35:27; Jos 20:7; Jos 21:11, 12
i Num 13:33; Jos 11:21
j Num 13:22; Hlu 1:10, 20
k Jos 10:38, 39
l Hlu 3:9-11
m 1Kr 4:13
n 1Kr 2:49

Uhla 2
a Hlu 1:14, 15
b Num 34:2, 3; Dut 2:5
c Jos 19:1, 2
d Neh 11:25, 26
e Gen 21:31; Jos 19:1-3
f Num 14:44, 45; Jos 19:1, 4; Hlu 1:17
g Jos 19:1, 5; 1Sa 27:5, 6; 1Kr 12:1
h Jos 19:1, 7; Neh 11:25, 29
i Hlu 1:9
j Jos 19:40, 41; Hlu 16:31
k 1Sa 22:1
l 1Sa 17:1
m 1Sa 17:52

**15:12** *Okuwukuthi, iMedithera.

**15:18** *Noma kungaba, "washaya izandla esembongolweni." **15:19** *Noma, "esiseNegebhi." #Incazelo: "Izitsha Zamanzi." **15:36** *Noma kungaba, "iGedera nezibaya zalo zezimvu."

**37** IZenani, iHadasha, iMigi-
dali-gadi, **38** iDileyani, iMispe,
iJokiteyeli, **39** iLakishi,[a] iBho-
zikati, i-Egiloni, **40** iKhabhoni,
iLahimamu, iKhitilishi, **41** iGe-
deroti, iBheti-dagoni, iNahama
neMakheda[b]—amadolobha angu-
16 nemizi engaphansi kwawo.

**42** ILibhina,[c] i-Etere, i-Asha-
ni,[d] **43** i-Ifita, i-Ashina, iNezi-
bi, **44** iKheyila, i-Akizibi neMa-
reshahi—amadolobha angu-9 ne-
mizi engaphansi kwawo.

**45** I-Ekroni namadolobha-
na angaphansi kwayo* nemi-
zi yawo; **46** kusukela e-Ekro-
ni ngasentshonalanga, konke
okuseceleni kwe-Ashidodi ne-
mizi engaphansi kwayo.

**47** I-Ashidodi,[e] amadolobha-
na angaphansi kwalo* nemi-
zi yawo; iGaza,[f] amadolobhana
angaphansi kwalo nemizi yawo,
kwehle kuze kuyofika eMhoshe-
ni WaseGibhithe, uLwandle Olu-
khulu# nezindawo ezigudle ugu
lwalo.[g]

**48** Izindawo ezisezintabe-
ni, iShamiri, iJatiri,[h] iSoko,
**49** iDana, iKiriyati-sana, oku-
ngukuthi iDebhiri, **50** i-Anabi,
i-Eshitemo,[i] i-Animi, **51** iGo-
sheni,[j] iHoloni neGilo[k]—amado-
lobha angu-11 nemizi engapha-
nsi kwawo.

**52** I-Arabhu, iDuma, i-Eshani,
**53** iJanimi, iBheti-taphuwa,
i-Afeka, **54** iHumitha, iKiriyati-
ariba, okungukuthi iHebroni,[l]
neZiyori—amadolobha angu-9
nemizi engaphansi kwawo.

**55** IMawoni,[m] iKarmeli, iZi-
fi,[n] iJutha, **56** iJizreyeli, iJoki-
deyamu, iZanowa, **57** iKhayi-
ne, iGibheya neThimna[o]—ama-
dolobha ayishumi nemizi enga-
phansi kwawo.

**58** IHalihuli, iBheti-zuri, iGe-
dori, **59** iMaharati, iBheti-ano-
ti ne-Elitekoni—amadolobha
ayisithupha nemizi engaphansi
kwawo.

**60** IKiriyati-bhali, okunguku-
thi iKiriyati-jeyarimi[a] neRaba
—amadolobha amabili nemizi
engaphansi kwawo.

**61** Ehlane, iBheti-araba,[b] iMi-
dini, iSekaka, **62** iNibishani,
iDolobha LikaSawoti ne-Eni-
gedi[c]—amadolobha ayisithupha
nemizi engaphansi kwawo.

**63** Kepha amadoda akwaJu-
da awakwazanga ukuwaxosha[d]
amaJebusi[e] ayehlala eJerusa-
lema,[f] ngakho amaJebusi asa-
hlala nabantu bakwaJuda eJe-
rusalema kuze kube namuhla.

**16** Izwe elatholwa inzalo ka-
Josefa[g] ngenkatho*[h] lali-
suka eJordani eJeriko liye
emanzini asempumalanga ye-
Jeriko, linqamule ihlane elisu-
ka eJeriko liye ezintabeni za-
seBhethele.[i] **2** Lalisuka eBhe-
thele laseLuze lidlulele em-
ngceleni wama-Arikhi e-Atha-
roti, **3** bese lehla liya ngase-
ntshonalanga emngceleni wa-
maJafileti lize liyofika emngce-
leni weBheti-horoni Eliseza-
nsi[j] naseGezeri,[k] liphelele olwa-
ndle.

**4** Ngakho inzalo kaJosefa,[l]
uManase no-Efrayimi, yalitha-
tha izwe layo.[m] **5** Umngcele
wenzalo ka-Efrayimi ngokwe-
mindeni yayo kwakuyilo: Um-
ngcele wefa layo osempumala-
nga kwakuyi-Atharoti-adari,[n]
kuze kuyofika eBheti-horoni
Elingenhla,[o] **6** lo mngcele wa-
wuhamba uze uyofika olwa-
ndle. IMikimethati[p] lalisenya-
katho, umngcele wawuzunge-
za ngasempumalanga yalo uye
eThahanati-shilo bese udlulela

---

**15:45** *Noma, "aseduze." **15:47** *Noma, "alizungezile." #Okuwukuthi, iMedithera.

**16:1** *Noma, "elabelwa inzalo kaJosefa."

ISAHL. 15
a 2Kh 18:14
b Jos 10:28
c Jos 10:29; 2Kh 8:22
d Jos 19:1, 7
e 1Sa 5:1
f Gen 10:19
g Num 34:2, 5
h Jos 21:8, 14
i 1Kr 6:57
j Jos 11:16
k 2Sa 15:12
l Jos 14:15
m 1Sa 23:25; 1Sa 25:2, 3
n 1Sa 23:14
o Gen 38:12

Uhla 2
a Jos 9:16, 17; Jos 18:11, 14; 1Sa 7:1
b Jos 18:21, 22
c 1Sa 23:29
d Num 33:55; Hlu 1:8, 21; Hlu 19:11; 2Sa 5:6
e Gen 10:15, 16
f 1Kr 11:4

ISAHL. 16
g Gen 49:22; Dut 33:13
h Num 26:55; Num 33:54; IzA 16:33
i Jos 18:11, 13
j Jos 18:11, 13; 1Kr 7:24
k 1Kr 7:20, 28
l Gen 48:5
m Dut 33:13-15; Jos 17:17, 18
n Jos 18:11, 13
o 2Kr 8:1, 5
p Jos 17:7

eJanowa. **7** Wawehla usuka
eJanowa uye e-Atharoti nase-
Nahara uze ufike eJeriko[a] bese
uphelela eJordani. **8** Ukusu-
ka eTaphuwa[b] umngcele wawu-
qhubekela ngasentshonalanga
uye eMhosheni WaseKana bese
uphelela olwandle.[c] Leli yifa le-
sizwe sakwa-Efrayimi ngokwe-
mindeni yaso; **9** lalihlangani-
sa nawo wonke amadolobha
nemizi engaphansi kwawo inza-
lo ka-Efrayimi eyayinawo nga-
phakathi kwefa labakwaMa-
nase.[d]

**10** Kodwa abawaxoshanga
amaKhanani ayehlala eGezeri,[e]
amaKhanani asahlala phakathi
kuka-Efrayimi kuze kube na-
muhla[f] futhi enziswa umsebe-
nzi wobugqila.[g]

**17** Kwabe sekuphuma isabe-
lo[h] sesizwe sakwaMana-
se,[i] ngoba wayeyizibulo lika-
Josefa.[j] Ngenxa yokuthi uMa-
kiri[k] izibulo likaManase, uyi-
se kaGileyadi, wayeyiqhawe,
wathola iGileyadi neBhashani.[l]
**2** Inzalo kaManase eyayisele
nayo yathola izabelo ngokwe-
mindeni yayo, amadodana ka-
Abhi-ezeri,[m] amadodana kaHe-
leki, amadodana ka-Asiriyeli,
amadodana kaShekemi, ama-
dodana kaHeferi namadodana
kaShemida. Lena kwakuyinza-
lo kaManase indodana kaJo-
sefa, abesilisa ngokwemindeni
yabo.[n] **3** Kodwa uZelofehadi[o]
indodana kaHeferi, indodana
kaGileyadi, indodana kaMakiri,
indodana kaManase, wayenge-
nawo amadodana kodwa waye-
namadodakazi kuphela, yilawa
amagama amadodakazi akhe:
uMahila, uNowa, uHogila, uMi-
lka noTiriza. **4** Ngakho aya
ku-Eleyazare[p] umpristi, uJo-
shuwa indodana kaNuni na-
sezikhulwini, athi: "NguJehova
owayala uMose ukuba asinike
ifa emndenini wakithi."[a] Nga-
kho banikwa ifa kanye nabafo-
wabo bakayise,[b] ngokuvumela-
na nomyalo kaJehova.

**5** Kunezinye izabelo eziyi-
shumi ezatholwa abakwaMana-
se ngaphandle kwezwe lase-
Gileyadi nelaseBhashani, ezazi-
ngaphesheya* kweJordani,[c]
**6** ngoba amadodakazi esizwe
sakwaManase athola ifa ka-
nye namadodana akhona, futhi
izwe laseGileyadi laba elayo yo-
nke enye inzalo yakwaManase.

**7** Umngcele wakwaManase
wawuqala e-Asheri uye eMiki-
methati,[d] elibhekene neSheke-
mi,[e] futhi umngcele wawuqhu-
bekela eningizimu* uye ezweni
elihlala abantu base-Eni-Taphu-
wa. **8** Izwe laseTaphuwa[f] laba
elikaManase, kodwa idolobha la-
seTaphuwa elisemngceleni wa-
kwaManase lalingelenzalo ka-
Efrayimi. **9** Lo mngcele wa-
wehlela eningizimu eMhosheni
WaseKana. Kwakunamadolobha
akwa-Efrayimi phakathi kwama-
dolobha akwaManase,[g] umngce-
le wakwaManase usenyakatho
yomhosha futhi uphelela olwa-
ndle.[h] **10** Izwe eliseningizimu
kwakungelakwa-Efrayimi, elise-
nyakatho kungelakwaManase,
umngcele wabo kuwulwandle,[i]
enyakatho abakwaManase babe-
phelela kwa-Asheri, empumala-
nga baphelele kwa-Isakare.

**11** Amadolobha alandelayo,
lawo ayesendaweni ka-Isakare
neka-Asheri, kanye namadolo-
bhana angaphansi* kwawo ne-
zakhamuzi zakhona aba aka-
Manase: iBheti-sheyani, iJibhi-
leyamu,[j] iDori,[k] i-Eni-dori,[l]
iThahanaki[m] neMegido, izinda-
wo ezintathu ezisemagqumeni.

**ISAHL. 16**
a Jos 6:20, 26
b Jos 17:8
c Num 34:2, 6
d Jos 17:9
e Hlu 1:29
f Num 33:52, 55
g Jos 17:13

**ISAHL. 17**
h Num 26:55; Num 33:54; IzA 16:33
i Gen 41:51; Gen 46:20; Gen 48:17, 18
j Dut 21:17
k Gen 50:23; Num 26:29; 1Kr 7:14
l Dut 3:13; Jos 13:31
m Hlu 6:11
n Num 26:29-32
o Num 26:33
p Num 27:1, 2; Num 34:17; Jos 14:1

**Uhla 2**
a Num 27:7, 11
b Num 36:6, 12
c Jos 13:29
d Jos 16:5, 6
e Jos 20:7; Jos 24:1; 1Kr 6:66, 67
f Jos 16:8
g Jos 16:9
h Jos 16:8
i Num 34:2, 6
j 2Kh 9:27
k Jos 12:7, 23
l 1Sa 28:7
m Jos 12:7, 21

**17:5** *Okuwukuthi, ohlangothini olusempumalanga. **17:7** *NgesiHebheru, "kwesokudla." **17:11** *Noma, "asedu-ze."

**12** Kodwa abakwaManase abakwazanga ukuwathatha la madolobha abe ngawabo; amaKhanani aqhubeka ehlala ngenkani kuleli zwe.[a] **13** Kwathi lapho ama-Israyeli eba namandla aphoqa amaKhanani ukuba enze umsebenzi wobugqila,[b] kodwa awawaxoshanga wonke.*[c]

**14** Inzalo kaJosefa yathi kuJoshuwa: "Kungani usinike* indawo eyodwa kuphela ukuba ibe yisabelo sethu?[d] Siyisizwe esinabantu abaningi, ngoba uJehova usibusisile kuze kube manje."[e] **15** UJoshuwa wabaphendula wathi: "Uma niyisizwe esinabantu abaningi, yenyukelani ehlathini, niligawule niziphendlele indawo lapho ezweni lamaPherizi[f] namaRefa,[g] ngoba indawo yakwa-Efrayimi[h] esezintabeni incane kakhulu kini." **16** Inzalo kaJosefa yathi: "Indawo esezintabeni ayisanele, futhi wonke amaKhanani ahlala ezweni elisesigodini* anezinqola zempi[i] ezinamasikela amakhulu ensimbi,# lawo aseBheti-sheyani[j] nasemadolobhaneni angaphansi△ kwalo nalawo aseSigodini⊠ SaseJizreyeli."[k] **17** Ngakho uJoshuwa wakhuluma nendlu kaJosefa, abakwa-Efrayimi nabakwaManase, wathi: "Niyisizwe esinabantu abaningi, futhi ninamandla amakhulu. Ngeke nithole isabelo esisodwa kuphela,[l] **18** kodwa nizothola nendawo esezintabeni.[m] Nakuba iyihlathi, nizoligawula niziphendlele indawo, futhi izoba umngcele wenu. Ngoba nizowaxosha amaKhanani, nakuba enamandla futhi enezinqola zempi ezinamasikela amakhulu ensimbi."*[a]

**18** Wonke u-Israyeli wabuthana eShilo,[b] wabeka itende lokuhlangana lapho,[c] njengoba ayeselinqobile kakade izwe.[d] **2** Kodwa kwakusasele izizwe eziyisikhombisa phakathi kwama-Israyeli ezazingakabelwa ifa lazo. **3** Ngakho uJoshuwa wathi kuma-Israyeli: "Kuyoze kube nini nizindela ukungena nithathe izwe uJehova uNkulunkulu wokhokho benu aninike lona?[e] **4** Nginikeni amadoda amathathu esizweni ngasinye ukuze ngiwathume; kufanele ahambe alijikeleze lonke izwe alisike ngokwefa lezizwe zawo. Ngemva kwalokho kufanele abuye eze kimi. **5** Kumele alihlukanise libe izabelo eziyisikhombisa.[f] UJuda uzoqhubeka esendaweni yakhe eningizimu,[g] nendlu kaJosefa izoqhubeka isendaweni yayo enyakatho.[h] **6** Kepha nina, sikani izwe libe yizabelo eziyisikhombisa nizibhale phansi, bese niziletha lapha kimi, mina ngizonenzela inkatho[i] lapha phambi kukaJehova uNkulunkulu wethu. **7** Kodwa amaLevi ngeke anikwe sabelo phakathi kwenu,[j] ngoba ubupristi bukaJehova buyifa lawo;[k] uGadi, uRubeni nohhafu wesizwe sakwaManase[l] sebelithathile ifa labo ohlangothini olusempumalanga yeJordani, uMose inceku kaJehova abanika lona."

**8** La madoda alungela ukuhamba, futhi uJoshuwa wabayala labo ababezosika izwe, wathi:

---

**17:13** *Noma, "awawaphucanga wonke izwe lawo." **17:14** *NgesiHebheru, "unginike." **17:16** *Noma, "elisethafeni." #NgesiHebheru, "anezinqola zempi zensimbi." △Noma, "aseduze." ⊠Noma, "aseThafeni."

**17:18** *NgesiHebheru, "enezinqola zempi zensimbi."

---

ISAHL. 17

a Hlu 1:27
b Jos 16:10; Hlu 1:30; 2Kr 8:8
c Eks 23:33; Num 33:55; Dut 20:16, 17; Jos 23:12, 13; Hlu 1:28
d Num 33:54
e Gen 48:19; Num 26:34, 37
f Eks 33:2
g Gen 15:18-20
h Jos 24:33
i Dut 20:1; Hlu 1:19
j Jos 17:11
k Jos 19:17, 18; Hlu 6:33
l Jos 17:14
m Num 33:53; Jos 20:7; Hlu 4:5

Uhla 2

a Dut 20:1; Dut 31:6; Jos 13:6; IzA 21:31

ISAHL. 18

b Jos 19:51; Jos 22:9; Hlu 21:19
c 1Sa 1:3; 1Sa 4:3; Hu 78:60; Jer 7:12; IzE 7:44, 45
d Num 14:8; Dut 7:22; Dut 33:29
e Num 33:53, 55
f Num 34:13; Jos 19:51
g Jos 15:1
h Jos 16:1, 4
i Num 26:55; Num 33:54; Jos 14:2; IzA 16:33; IzE 13:19
j Num 18:20; Jos 13:33
k Dut 10:9; Dut 18:1
l Dut 3:12, 13

“Hambani nijikeleze izwe nilisi-
ke bese nibuya niza kimi,
mina ngizonenzela inkatho la-
pha phambi kukaJehova eShi-
lo.”[a] **9** Ngakho ahamba lawo
madoda alidabula izwe, alihlu-
kanisa ngokwamadolobha laba
izabelo eziyisikhombisa, abe
esebhala encwadini. Ngemva
kwalokho abuyela kuJoshuwa
ekamu eShilo. **10** UJoshuwa
wabe esewenzela inkatho eShi-
lo phambi kukaJehova.[b] UJo-
shuwa wawahlukanisela lapho
ama-Israyeli izwe ngokwezabelo
zawo.[c]

**11** Kwabe sekwenziwa inka-
tho yesizwe sakwaBhenjami-
ni ngokwemindeni yaso, satho-
la indawo eyayiphakathi kwe-
sizwe sakwaJuda[d] nesizwe sa-
kwaJosefa.[e] **12** Ohlangothini
olusenyakatho, umngcele wabo
wawuqala eJordani, ukhuphu-
ke ugudle iJeriko[f] enyakatho
wenyukele entabeni ngase-
ntshonalanga, udlulele ehlane
laseBheti-aveni.[g] **13** Umngce-
le wawusuka lapho uwele-
le eLuze, endaweni eseningizi-
mu egudle iLuze, okungukuthi
eBhethele;[h] umngcele wawe-
hlela e-Atharoti-adari[i] entabe-
ni eseningizimu yeBheti-horo-
ni[j] Elisezansi. **14** Lo mngce-
le wawuhamba ngasohlango-
thini olusentshonalanga, ujike-
le eningizimu usuka entabeni
ebhekene neBheti-horoni uye
eningizimu; uphelele eKiriya-
ti-bhali, okungukuthi eKiriyati-
jeyarimi,[k] idolobha lakwaJuda.
Lolu uhlangothi olusentshona-
langa.

**15** Uhlangothi oluseningizi-
mu lwaluqala emaphethelwe-
ni eKiriyati-jeyarimi, umngce-
le wawudlulela entshonalanga;
ube usuya emthonjeni waseNe-
fitowa.[l] **16** Umngcele wawe-
hlela emaphethelweni entaba
ebheke iSigodi Sendodana Ka-
Hinomu,[a] esiseSigodini Sama-
Refa*[b] enyakatho, wehlele
eSigodini SikaHinomu, ugu-
dle indawo yamaJebusi[c] eni-
ngizimu, wehlele e-Eni-rogeli.[d]
**17** Wawudlula ngasenyakatho
uye e-Eni-shemeshi uqhubeke-
le eGeliloti, ephambi komqa-
nsa wase-Adumimi,[e] wehlele
etsheni[f] likaBohanu[g] indodana
kaRubeni. **18** Wawuqhubeka
ugudle ngasenyakatho pha-
mbi kwe-Araba wehlele e-Ara-
ba. **19** Umngcele wawuqhu-
bekela ngasenyakatho ugudle
eBheti-hogila,[h] uphelele ethe-
kwini loLwandle Lukasawoti*[i]
elingasenyakatho emaphethe-
lweni eJordani ngaseningizi-
mu. Lona kwakuwumngcele
ongaseningizimu. **20** IJorda-
ni laba umngcele wakwaBhe-
njamini ohlangothini olungase-
mpumalanga. Leli kwakuyifa
lenzalo kaBhenjamini ngokwe-
mindeni yayo, imingcele yalo
nhlangothi zonke.

**21** Amadolobha esizwe sa-
kwaBhenjamini ngokweminde-
ni yaso kwakuyilawa: iJeri-
ko, iBheti-hogila, i-Emeki-kezizi,
**22** iBheti-araba,[j] iZemarayimi,
iBhethele,[k] **23** i-Avimi, iPha-
ra, i-Ofira, **24** iKefari-amo-
ni, i-Ofini neGeba[l]—amadolo-
bha angu-12 nemizi engaphansi
kwawo.

**25** IGibheyoni,[m] iRama, iBhe-
reroti, **26** iMispe, iKefira, iMo-
za, **27** iRekemi, i-Iripeyeli, iTa-
rala, **28** iZela,[n] i-Elefi, iJe-
busi, okungukuthi iJerusalema,[o]
iGibheya[p] neKiriyati—amadolo-
bha angu-14 nemizi engaphansi
kwawo.

Leli kwakuyifa lenzalo kaBhe-
njamini ngokwemindeni yayo.

---

**18:16** *Noma, “eThafeni LamaRefa.”
**18:19** *Okuwukuthi, uLwandle Olufile.

**ISAHL. 18**
a Jos 19:51; Hlu 21:19
b IzA 16:33
c Num 33:54; IzE 13:19
d Jos 15:1
e Jos 16:1
f Jos 2:1; Jos 16:1
g Jos 7:2
h Gen 28:18, 19
i Jos 16:5
j Jos 10:11; Jos 21:20, 22
k Jos 15:9
l Jos 15:9, 12

**Uhla 2**
a Jos 15:8, 12; Jer 7:31; Jer 19:2; Mat 5:22
b Dut 2:11
c Jos 15:63
d Jos 15:7, 12; 1Kh 1:9
e Jos 15:7, 12
f Dut 19:14
g Jos 15:6, 12
h Jos 15:6, 12
i Num 34:12
j Jos 15:6, 12
k Gen 12:8; 1Kh 12:28, 29
l Jos 21:8, 17
m Jos 9:16, 17; 1Kh 3:4
n 2Sa 21:14
o Jos 15:8, 12; 1Kr 11:4; 2Kr 3:1
p 1Sa 10:26

**19** Kwabe sekuphuma isa-
belo[a] sesibili, saphume-
la isizwe sikaSimeyoni[b] ngokwe-
mindeni yaso. Ifa laso lali-
phakathi kwefa lesizwe sa-
kwaJuda.[c] **2** Ifa laso kwaku-
yiBheri-sheba[d] kanye neShe-
ba, iMolada,[e] **3** iHazari-shuwa-
li,[f] iBala, i-Ezemi,[g] **4** i-Elitola-
di,[h] iBhetuli, iHorma, **5** iZiki-
lagi,[i] iBheti-marikabhoti, iHaza-
ri-susa, **6** iBheti-lebhawoti[j] ne-
Sharuheni—amadolobha angu-
13 nemizi engaphansi kwa-
wo; **7** i-Ayini, iRimoni, i-Etere
ne-Ashani[k]—amadolobha amane
nemizi engaphansi kwawo;
**8** nayo yonke imizi eyayiseduze
kwala madolobha kuze kuyofika
eBhahalati-bheri, iRama laseni-
ngizimu. Leli kwakuyifa lesizwe
sakwaSimeyoni ngokwemindeni
yaso. **9** Ifa lenzalo kaSimeyoni
lakhishwa esabelweni sakwaJu-
da ngoba isabelo sakwaJuda sa-
sisikhulu kakhulu. Ngakho inza-
lo kaSimeyoni yathola ifa efeni
lakwaJuda.[l]

**10** Ngokulandelayo isabelo[m]
sesithathu saphumela inzalo ya-
kwaZebhuloni[n] ngokwemindeni
yayo, umngcele wefa layo wawu-
ze ufike eSaridi. **11** Umngcele
wabo wawukhuphukela ngase-
ntshonalanga uye eMareyali uze
ufike eDabesheti bese udlulela
esigodini esiphambi* kweJoki-
neyamu. **12** Wawusuka eSari-
di uye empumalanga emngce-
leni weKhisiloti-thabhori, bese
udlulela eDaberati,[o] ukhuphu-
kele eJafiya. **13** Ukusuka la-
pho wawuqhubekela empuma-
langa uye eGati-heferi,[p] udlulele
e-Eti-kazini, udlule uye eRimo-
ni uze uyofika eNeya. **14** Um-
ngcele wawulizungeza ngase-
nyakatho uye eHanathoni, uphe-
lele eSigodini Sase-Jifita-yeli.
**15** Indawo yabo yayihlanganisa
neKathati, iNahalali, iShimro-
ni,[a] i-Idala neBhetlehema[b]—ama-
dolobha angu-12 nemizi enga-
phansi kwawo. **16** Leli kwa-
kuyifa lenzalo kaZebhuloni ngo-
kwemindeni yayo.[c] Lawa kwaku-
ngamadolobha nemizi engapha-
nsi kwawo.

**17** Isabelo[d] sesine saphu-
mela u-Isakare,[e] saba ese-
nzalo ka-Isakare ngokweminde-
ni yayo. **18** Umngcele wabo
wawufinyelela eJizreyeli,[f] eKhe-
suloti, eShunemi,[g] **19** eHafa-
rayimi, eShiyoni, e-Anaharati,
**20** eRabiti, eKishiyoni, e-Ebe-
zi, **21** eRemeti, e-Eni-ganimi,[h]
e-Eni-hada naseBheti-phazezi.
**22** Umngcele wawudlulela
eThabori,[i] eShahazuma nase-
Bheti-shemeshi, uphelele eJor-
dani—amadolobha angu-16 nemi-
zi engaphansi kwawo. **23** Le-
li kwakuyifa lesizwe sakwa-Isa-
kare ngokwemindeni yaso,[j] ama-
dolobha nemizi engaphansi
kwawo.

**24** Isabelo[k] sesihlanu saphu-
mela isizwe sakwa-Asheri[l] ngo-
kwemindeni yaso. **25** Umngce-
le wabo kwakuyiHelikati,[m] iHali,
iBetheni, i-Akishafu, **26** i-Ala-
meleki, i-Amadi neMishali. Wa-
wufinyelela ngasentshonalanga
eKarmeli[n] naseShihori-libhinati,
**27** bese ubuyela ngasempuma-
langa eBheti-dagoni ufike kwa-
Zebhuloni naseSigodini Sase-Ji-
fita-yeli enyakatho, uye eBheti-
emeki naseNeyiyeli, ufike eKha-
buli kwesobunxele, **28** nase-
Ebroni, eRehobe, eHamoni na-
seKana kuze kufike eSidoni,[o]
idolobha elikhulu. **29** Umngce-
le wawubuyela emuva eRama
uze ufike edolobheni laseThi-
re[p] elinezivikelo eziqinile. Wa-
wube usubuyela emuva eHo-
sa, bese uphelela olwandle
ezweni lase-Akizibi, **30** e-Uma,

**19:11** *Noma, "emhosheni ophambi."

ISAHL. 19
*a* Jos 18:6
*b* Gen 46:10
*c* Gen 49:5, 7
*d* Gen 21:31
Gen 26:32, 33
Jos 15:21, 28
*e* Jos 15:21, 26
1Kr 4:28-31
*f* Jos 15:21, 28
*g* Jos 15:20, 29
*h* Jos 15:21, 30
*i* Jos 15:21, 31
1Sa 27:6
*j* Jos 15:21, 32
*k* Jos 15:20, 42
1Kr 4:24, 32
1Kr 6:59, 64
*l* Hlu 1:3
*m* Jos 18:6
*n* Gen 49:13
*o* Jos 21:27, 28
*p* 2Kh 14:25

Uhla 2
*a* Jos 12:7, 20
*b* Hlu 12:8
*c* Num 26:27
*d* Num 33:54
*e* Gen 49:14
*f* Jos 17:16
Hlu 6:33
1Kh 21:1
*g* 1Sa 28:4
1Kh 1:3
2Kh 4:8
*h* Jos 21:8, 29
*i* Hlu 4:6
*j* Num 26:25
*k* Num 26:55
Jos 18:6
*l* Gen 49:20
*m* Jos 21:8, 31
*n* 1Kh 18:19
*o* Gen 10:15
Hlu 1:31
*p* 2Sa 5:11
1Kh 5:1

e-Afeki[a] naseRehobe[b]—amadolo-
bha angu-22 nemizi engapha-
nsi kwawo. **31** Leli kwakuyifa
lesizwe sakwa-Asheri ngokwe-
mindeni yaso.[c] Lawa kwakunga-
madolobha nemizi engaphansi
kwawo.

**32** Isabelo[d] sesithupha sa-
phumela inzalo kaNafetali,
saba esenzalo kaNafetali ngo-
kwemindeni yayo. **33** Umngce-
le wabo wasuka eHelefi, esi-
hlahleni esikhulu eZahanani-
mu,[e] nase-Adami-nekebi nase-
Jabineyeli kuze kufike eLaku-
mi; waphelela eJordani. **34** Lo
mngcele wabuyela emuva nga-
sentshonalanga e-Azinoti-tha-
bori, wadlula waya eHukiko-
ki waze wayofika kwaZebhuloni
eningizimu, kwa-Asheri entsho-
nalanga nakwaJuda eJordani
ngasempumalanga. **35** Ama-
dolobha ayenezivikelo eziqinile
kwakuyiZidimi, iZeri, iHamati,[f]
iRakhati, iKhinereti, **36** i-Ada-
ma, iRama, iHazori,[g] **37** iKede-
shi,[h] i-Edireyi, i-Eni-hazori,
**38** iYironi, iMigidali-eli, iHore-
mi, iBheti-anati neBheti-sheme-
shi[i]—amadolobha angu-19 nemi-
zi engaphansi kwawo. **39** Leli
kwakuyifa lesizwe sakwaNafe-
tali ngokwemindeni yaso,[j] ama-
dolobha nemizi engaphansi
kwawo.

**40** Isabelo sesikhombisa[k] sa-
phumela isizwe sakwaDani[l]
ngokwemindeni yaso. **41** Um-
ngcele wefa labo kwakuyiZo-
ra,[m] i-Eshitawoli, i-Iri-shemeshi,
**42** iShahalabhini,[n] i-Ajaloni,[o]
i-Ithila, **43** i-Eloni, iThimna,[p]
i-Ekroni,[q] **44** i-Elitekehi, iGi-
bhethoni,[r] iBhahalati, **45** iJe-
hudi, iBhene-bheraki, iGati-ri-
moni,[s] **46** iMe-jarikoni neRa-
khoni, umngcele ubhekene ne-
Jopha.[t] **47** Kodwa indawo ya-
bakwaDani yayincane kakhulu.[u]
Ngakho bakhuphuka bayoku-
lwa neLeshemu[a] balinqoba ba-
libhuqa ngenkemba. Balithatha
bahlala kulo, bashintsha iga-
ma leLeshemu balibiza ngoku-
thi kukwaDani, igama likakho-
kho wabo uDani.[b] **48** Leli kwa-
kuyifa lesizwe sakwaDani ngo-
kwemindeni yaso. Lawa kwaku-
ngamadolobha nemizi engapha-
nsi kwawo.

**49** Baqeda kanjalo-ke uku-
hlukanisa izwe ukuze libe yifa
ngokwezindawo zalo. Ama-Isra-
yeli abe esenika uJoshuwa
indodana kaNuni ifa phakathi
kwawo. **50** Bamnika idolobha
alicela, iThimnati-sera,[c] elisezi-
ntabeni zakwa-Efrayimi ngoku-
vumelana nomyalo kaJehova.
Walivuselela leli dolobha wabe
esehlala kulo.

**51** Lawa amafa u-Eleyaza-
re umpristi, uJoshuwa indoda-
na kaNuni nezinhloko zeminde-
ni yoyise yezizwe zakwa-Israye-
li abawaba[d] ngenkatho eShilo[e]
phambi kukaJehova, emnyango
wetende lokuhlangana.[f] Ngakho
baqeda ukuhlukanisa izwe.

**20** UJehova wathi kuJoshu-
wa: **2** “Khuluma na-
ma-Israyeli, uthi: ‘Zikhetheleni
amadolobha esiphephelo[g] enga-
khuluma ngawo kini ngoMo-
se, **3** ukuze uma kukhona obu-
lala umuntu* engahlosile noma
ngephutha# abalekele khona.
Ayoba isiphephelo kini kumu-
ntu ophindiselela umufi.[h]
**4** Kumele abalekele kwelinye
lala madolobha,[i] afike ame esa-
ngweni ledolobha[j] bese ebika
udaba lwakhe emadodeni ama-
dala akulelo dolobha. Amado-
da amadala kumele amamuke-
le edolobheni, amnike inda-
wo ahlale nawo. **5** Uma ophi-
ndiselela umufi emjaha, lowo

ISAHL. 19
a Hlu 1:31
b Jos 21:8, 31
c Num 26:47
d Num 26:55; Jos 18:6
e Hlu 4:11
f Jos 21:32
g Jos 11:10; Hlu 4:2; 1Sa 12:9
h Jos 20:7
i Hlu 1:33
j Num 26:50
k Jos 18:6
l Gen 49:17
m Jos 15:20, 33; Hlu 13:2
n Hlu 1:35
o Jos 10:12; Jos 21:8, 24
p Hlu 14:1
q Jos 15:20, 45
r Jos 21:8, 23
s Jos 21:8, 24
t Jon 1:3; IzE 9:36
u Num 26:54; Num 33:54

Uhla 2
a Hlu 18:7
b Hlu 18:29
c Jos 24:29, 30
d Num 34:17; Jos 14:1
e Hlu 21:19; Jer 7:12
f Jos 18:1, 8

ISAHL. 20
g Eks 21:12, 13; Num 35:14, 15; Dut 4:41
h Gen 9:6; Eks 21:23; Num 35:26, 27
i Dut 19:3
j IzA 31:23

**20:3** *Noma, “oshaya abulale umphefumulo.” #Noma, “ngengozi.”

mbulali akufanele anikelwe esa-
ndleni sakhe, ngoba ubula-
le umuntu wakubo engahlosi-
le,* futhi ubekade engamzondi.[a]
**6** Kumele ahlale kulelo dolobha
kuze kube yilapho kuqulwa ica-
la lakhe phambi kwenhlanga-
no,[b] futhi kufanele ahlale lapho
kuze kufe umpristi ophakeme[c]
osuke ekhonza ngaleso sikha-
thi. Ngemva kwalokho umbulali
angabuyela edolobheni ayebale-
ke kulo, aye endlini yakhe.'"[d]

**7** Ngakho bangcwelisa* iKe-
deshi[e] eGalile ezintabeni za-
kwaNafetali, iShekemi[f] ezinta-
beni zakwa-Efrayimi neKiri-
yati-ariba,[g] okungukuthi iHe-
broni, ezintabeni zakwaJu-
da. **8** Esifundeni saseJordani,
empumalanga yeJeriko, bakhe-
tha iBhezeri[h] ehlane ezweni eli-
sethafeni* lesizwe sakwaRube-
ni, iRamoti[i] eGileyadi esizweni
sakwaGadi neGolani[j] eBhasha-
ni esizweni sakwaManase.[k]

**9** Lawa kwaba amadolobha
abekelwe wonke ama-Israyeli
nezifiki ezihlala phakathi kwa-
wo, ukuze noma ubani obu-
lala umuntu* engahlosile akwa-
zi ukubalekela khona,[l] ukuze
angabulawa yilowo ofuna uku-
phindiselela umufi lingakaqu-
lwa icala lakhe phambi kwe-
nhlangano.[m]

**21** Izinhloko zemindeni yo-
yise zamaLevi zaya ku-
Eleyazare[n] umpristi, uJoshuwa
indodana kaNuni nasezinhlo-
kweni zemindeni yoyise yezi-
zwe zakwa-Israyeli, **2** zakhu-
luma nabo eShilo[o] ezweni lase-
Khanani, zathi: "UJehova wa-
yala uMose ukuba sinikwe
amadolobha esizohlala kuwo
kanye namadlelo awo azoba
awemfuyo yethu."[a] **3** Ngakho
ngokuvumelana nomyalo kaJe-
hova, ama-Israyeli anika ama-
Levi amadolobha[b] namadlelo
awo ewathatha efeni lawo.[c]

**4** Saphuma isabelo semi-
ndeni yamaKohati,[d] amaLe-
vi ayeyinzalo ka-Aroni umpri-
sti abelwa* amadolobha angu-
13 esizweni sakwaJuda,[e] esi-
zweni sakwaSimeyoni[f] nasesi-
zweni sakwaBhenjamini.[g]

**5** Wonke amanye amaKoha-
ti abelwa* amadolobha ayishumi
emindenini yesizwe sakwa-Efra-
yimi,[h] esizweni sakwaDani na-
kuhhafu wesizwe sakwaMa-
nase.[i]

**6** AbakwaGereshoni[j] babe-
lwa amadolobha angu-13 emi-
ndenini yesizwe sakwa-Isakare,
esizweni sakwa-Asheri, esizwe-
ni sakwaNafetali nakuhhafu
wesizwe sakwaManase eBha-
shani.[k]

**7** AbakwaMerari[l] ngokwemi-
ndeni yabo babelwa amadolo-
bha angu-12 esizweni sakwaRu-
beni, esizweni sakwaGadi na-
sesizweni sakwaZebhuloni.[m]

**8** Ngakho ama-Israyeli anika
amaLevi la madolobha namadle-
lo awo ngenkatho, njengoba nje
uJehova ayeyalile ngoMose.[n]

**9** Yilawa amagama amadolo-
bha okwanikelwa ngawo etha-
thwa esizweni sakwaJuda na-
sesizweni sakwaSimeyoni,[o]
**10** anikezwa amadodana ka-
Aroni ozalo lukaKohati anga-
maLevi, ngoba athola isabe-
lo sokuqala. **11** Anikwa iKiri-
yati-ariba[p] (u-Ariba wayenguyi-
se ka-Anaki), okungukuthi iHe-
broni,[q] elisezintabeni zakwaJu-
da namadlelo alo. **12** Kodwa
uKalebi indodana kaJefune wa-
nikwa insimu yedolobha nemizi
engaphansi kwalo kwaba yifa
lakhe.[r]

**ISAHL. 20**
- *a* Num 35:22-24; Dut 19:4-6
- *b* Num 35:12, 24
- *c* Num 35:25
- *d* Num 35:28
- *e* Jos 21:32
- *f* Gen 33:18; Jos 21:20, 21
- *g* Jos 14:15; Jos 21:13
- *h* Jos 21:8, 36; 1Kr 6:77, 78
- *i* Jos 21:8, 38; 1Kr 6:77, 80
- *j* Jos 21:27; 1Kr 6:71
- *k* Dut 4:41-43
- *l* Num 35:11, 15
- *m* Num 35:12, 24; Dut 21:5

**ISAHL. 21**
- *n* Num 34:17
- *o* Jos 18:1

**Uhla 2**
- *a* Lev 25:33, 34; Num 35:2-4; Jos 14:4
- *b* Num 35:8
- *c* Gen 49:5, 7
- *d* Gen 46:11; Num 3:27-31
- *e* 1Kr 6:54, 55
- *f* Jos 19:1
- *g* 1Kr 6:60, 64
- *h* 1Kr 6:66
- *i* 1Kr 6:61, 70
- *j* Eks 6:17; Num 3:21, 22
- *k* Num 32:33; 1Kr 6:62
- *l* Eks 6:19
- *m* 1Kr 6:63
- *n* Num 35:2, 5
- *o* 1Kr 6:64, 65
- *p* Gen 23:2; Gen 35:27; Jos 15:13, 14; Jos 20:7; Hlu 1:10
- *q* 2Sa 2:1; 2Sa 15:10; 1Kr 6:54-56
- *r* Hlu 1:20

---

**20:5** *Noma, "ngephutha." **20:7** *Noma, "bakhetha." **20:8** *Noma, "elisenkangala." **20:9** *Noma, "umphefumulo."

**21:4, 5** *Noma, "anikwa ngenkatho."

**13** Amadodana ka-Aroni
umpristi anikwa idolobha lo-
kuphephela umbulali,[a] okungu-
kuthi iHebroni,[b] kanye na-
madlelo alo, iLibhina[c] nama-
dlelo alo, **14** iJatiri[d] namadle-
lo alo, i-Eshitemowa[e] namadle-
lo alo, **15** iHoloni[f] namadle-
lo alo, iDebhiri[g] namadlelo alo,
**16** i-Ayini[h] namadlelo alo, iJu-
tha[i] namadlelo alo neBheti-she-
meshi namadlelo alo—amadolo-
bha angu-9 avela kulezi zizwe
ezimbili.

**17** Esizweni sakwaBhenja-
mini: iGibheyoni[j] namadlelo
alo, iGeba namadlelo alo,[k]
**18** i-Anathoti[l] namadlelo alo
ne-Alimoni namadlelo alo
—amadolobha amane.

**19** Esewonke amadolobha
anikwa inzalo ka-Aroni, abapri-
sti, kwakungamadolobha angu-
13 namadlelo awo.[m]

**20** Yonke eminye iminde-
ni yozalo lukaKohati, amaLe-
vi, yabelwa amadolobha esi-
zweni sakwa-Efrayimi. **21** Ya-
nikwa idolobha lokuphephela
umbulali,[n] okungukuthi iShe-
kemi[o] namadlelo alo ezintabe-
ni zakwa-Efrayimi, iGezeri[p]
namadlelo alo, **22** iKibhizayi-
mi namadlelo alo neBheti-horo-
ni[q] namadlelo alo—amadolobha
amane.

**23** Esizweni sakwaDani: i-Eli-
teke namadlelo alo, iGibhetho-
ni namadlelo alo, **24** i-Ajalo-
ni[r] namadlelo alo neGati-rimo-
ni namadlelo alo—amadolobha
amane.

**25** Kuhhafu wesizwe sakwa-
Manase: iThahanaki[s] namadle-
lo alo neGati-rimoni namadlelo
alo—amadolobha amabili.

**26** Esewonke amadolobha
kanye namadlelo awo atholwa
yiyo yonke eminye imindeni ka-
Kohati ayeyishumi.

**ISAHL. 21**

*a* Num 35:6, 15
*b* Jos 15:20, 54
*c* Jos 15:20, 42
*d* Jos 15:20, 48
*e* Jos 15:20, 50
*f* Jos 15:20, 51
*g* Jos 15:20, 49; 1Kr 6:57, 58
*h* Jos 19:1, 7
*i* Jos 15:20, 55
*j* Jos 9:3; Jos 18:21, 25
*k* 1Kr 6:57, 60
*l* Jer 1:1
*m* Lev 25:33, 34; Num 35:4
*n* Num 35:11, 15
*o* Jos 20:7; 1Kh 12:1
*p* Jos 16:10
*q* Jos 16:1, 3; Jos 18:11, 13
*r* Jos 10:12; Hlu 1:35; 2Kr 28:18
*s* Jos 17:11

**Uhla 2**

*a* Jos 21:6
*b* 1Kr 6:71
*c* 1Kr 6:72, 73
*d* Jos 19:12, 16
*e* 1Kr 6:74, 75
*f* Jos 19:25, 31
*g* Jos 19:28, 31; Hlu 1:31
*h* Num 35:14, 15
*i* Jos 20:7
*j* 1Kr 6:77
*k* Jos 21:7
*l* Jos 19:10, 11
*m* Hlu 1:30
*n* Dut 4:41-43; Jos 20:8
*o* 1Kr 6:78, 79
*p* 1Kr 6:80, 81
*q* Jos 20:8, 9; 1Kh 22:3
*r* Gen 32:2; 2Sa 2:8
*s* Num 21:26; Num 32:37

**27** AbakwaGereshoni[a] bemi-
ndeni yamaLevi bathola kuhha-
fu wesizwe sakwaManase ido-
lobha lokuphephela umbula-
li, okungukuthi iGolani,[b] eBha-
shani, namadlelo alo neBheye-
shitera namadlelo alo—amado-
lobha amabili.

**28** Esizweni sakwa-Isakare:[c]
iKishiyoni namadlelo alo, iDa-
berati[d] namadlelo alo, **29** iJa-
rimuthi namadlelo alo ne-Eni-
ganimi namadlelo alo—amado-
lobha amane.

**30** Esizweni sakwa-Asheri:[e]
iMishali namadlelo alo, i-Abhi-
doni namadlelo alo, **31** iHeli-
kati[f] namadlelo alo neReho-
be[g] namadlelo alo—amadolo-
bha amane.

**32** Esizweni sakwaNafetali:
idolobha lokuphephela[h] umbu-
lali, okungukuthi iKedeshi[i]
eGalile, namadlelo alo, iHamo-
ti-dori namadlelo alo neKarita-
ni namadlelo alo—amadolobha
amathathu.

**33** Esewonke amadolobha
amaGereshoni ngokweminde-
ni yawo kwakungamadolobha
angu-13 namadlelo awo.

**34** Esizweni sakwaZebhulo-
ni,[j] imindeni yakwaMerari,[k]
okungukuthi wonke amanye
amaLevi, yathola iJokineyamu[l]
namadlelo alo, iKarita nama-
dlelo alo, **35** iDimina nama-
dlelo alo neNahalali[m] namadle-
lo alo—amadolobha amane.

**36** Esizweni sakwaRubeni:
iBhezeri[n] namadlelo alo, iJaha-
zi namadlelo alo,[o] **37** iKede-
moti namadlelo alo neMefaha-
ti namadlelo alo—amadolobha
amane.

**38** Esizweni sakwaGadi:[p] ido-
lobha lokuphephela umbulali,
okungukuthi iRamoti eGileyadi[q]
namadlelo alo, iMahanayimi[r] na-
madlelo alo, **39** iHeshibhoni[s]

namadlelo alo neJazeri[a] nama-
dlelo alo—amadolobha amane
esewonke.
**40** Esewonke amadolobha
abelwa abakwaMerari ngokwe-
mindeni yabo, yonke eminye
imindeni yamaLevi, kwakunga-
madolobha angu-12.
**41** Esewonke amadolobha
amaLevi phakathi kwefa lama-
Israyeli kwakungamadolobha
angu-48 kanye namadlelo awo.[b]
**42** Ngalinye kula madolobha
lalinamadlelo nhlangothi zo-
nke—kwakunjalo kuwo wonke
la madolobha.
**43** Ngakho uJehova wawani-
ka ama-Israyeli lonke izwe aye-
funge ukuthi uzolinika okhokho
bawo,[c] alithatha ahlala kulo.[d]
**44** Ngaphezu kwalokho, uJeho-
va wawanika ukuphumula nhla-
ngothi zonke, njengoba nje aye-
fungile kokhokho bawo,[e] asi-
kho nesisodwa kuzo zonke izi-
tha zawo esasikwazi ukumelana
nawo.[f] UJehova wanikela zonke
izitha zawo esandleni sawo.[g]
**45** Asikho nesisodwa isithembi-
so* esingagcwalisekanga kuzo
zonke izithembiso ezinhle uJe-
hova ayezenzile endlini ka-Isra-
yeli; zagcwaliseka zonke.[h]

**22** UJoshuwa wabe esebiza
abakwaRubeni, abakwa-
Gadi nohhafu wesizwe sakwa-
Manase **2** wathi kubo: "Ni-
kwenzile konke lokho uMose
inceku kaJehova aniyala nga-
kho,[i] futhi nililalelile izwi lami
kukho konke enginiyale nga-
kho.[j] **3** Anibashiyanga abafo-
wenu sonke lesi sikhathi kuze
kube namuhla;[k] futhi niwugci-
nile umyalo kaJehova uNkulu-
nkulu wenu.[l] **4** Manje uJeho-
va uNkulunkulu wenu usebani-
ke ukuphumula abafowenu,
njengoba nje abathembisa.[m]
Ngakho seningabuyela emate-
ndeni enu ezweni uMose ince-
ku kaJehova aninika lona uku-
ba libe ngelenu ngaphesheya*
kweJordani.[a] **5** Kuphela nje
niqikelele ukuba nigcine umya-
lo noMthetho uMose inceku ka-
Jehova aninika wona,[b] ngo-
kuthanda uJehova uNkulunku-
lu wenu,[c] nihambe kuzo zonke
izindlela zakhe,[d] nigcine imiya-
lo yakhe,[e] ninamathele kuye[f]
futhi nimkhonze[g] ngayo yonke
inhliziyo yenu nangawo wonke
umphefumulo* wenu."[h]
**6** UJoshuwa wayesebabusi-
sa, wabakhulula baya emate-
ndeni abo. **7** UMose waye-
nike uhhafu wesizwe sakwa-
Manase ifa eBhashani,[i] omu-
nye uhhafu wesizwe uJoshu-
wa wawunika izwe ohlangothi-
ni olusentshonalanga yeJorda-
ni[j] kanye nabafowabo. Ngaphe-
zu kwalokho, lapho uJoshuwa
ebakhulula ukuba baye emate-
ndeni abo, wababusisa **8** wa-
thi kubo: "Buyelani ematende-
ni enu nengcebo eningi, ne-
mfuyo eningi, nesiliva negoli-
de, nethusi nensimbi kanye ne-
zingubo eziningi.[k] Thathani
ingxenye yenu yempango[l] yezi-
tha zenu kubafowenu."
**9** Ngemva kwalokho abakwa-
Rubeni, abakwaGadi nohha-
fu wesizwe sakwaManase basu-
ka kwamanye ama-Israyeli, eShi-
lo, ezweni laseKhanani, babuye-
la kwaGileyadi,[m] izwe lefa labo
ababehlala kulo ngokuvumela-
na nomyalo kaJehova ngoMo-
se.[n] **10** Lapho befika eJorda-
ni ezweni laseKhanani, aba-
kwaRubeni, abakwaGadi nohha-
fu wesizwe sakwaManase ba-
kha i-altare lapho ngaseJordani,

ISAHL. 21
*a* Num 32:1
*b* Num 35:5, 7
*c* Gen 13:14, 15; Gen 15:18; Gen 26:3; Gen 28:4
*d* Eks 23:30
*e* Eks 33:14; Dut 12:10; Jos 1:13; Jos 11:23; Jos 22:4
*f* Dut 28:7
*g* Dut 7:24; Dut 31:3
*h* Jos 23:14; 1Kh 8:56; Heb 6:18

ISAHL. 22
*i* Num 32:20-22; Dut 3:18
*j* Jos 1:16
*k* Jos 11:18
*l* Num 32:25-27
*m* Jos 21:44

Uhla 2
*a* Num 32:33
*b* Dut 6:6; Dut 12:32; 2Kh 21:8
*c* Dut 6:5; Dut 11:1; Mat 22:37
*d* Dut 10:12
*e* Dut 13:4; 1Jo 5:3
*f* Dut 4:4; Dut 10:20; Jos 23:8
*g* Dut 6:13; Jos 24:15; Luk 4:8
*h* Dut 4:29; Dut 11:13; Mar 12:30, 33
*i* Jos 13:29, 30
*j* Jos 17:5
*k* Dut 28:8
*l* Num 31:27
*m* Num 32:1
*n* Num 32:33

**21:45** *Noma, "Alikho nelilodwa izwi."

**22:4** *Okuwukuthi, ngasempumalanga.
**22:5** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

i-altare elikhulu elibabazekayo.
**11** Kamuva amanye ama-Israye-
li akuzwa lokho,[a] athi: "Bheka-
ni! AbakwaRubeni, abakwaGadi
nohhafu wesizwe sakwaManase
bakhe i-altare emngceleni we-
zwe laseKhanani eJordani enda-
weni yama-Israyeli." **12** Lapho
ama-Israyeli ezwa ngakho, yo-
nke inhlangano yama-Israyeli
yahlangana eShilo[b] ukuze iyo-
lwa nabo.

**13** Ngakho ama-Israyeli athu-
mela uFinehasi[c] indodana ka-
Eleyazare umpristi kwabakwa-
Rubeni, abakwaGadi nakuhha-
fu wesizwe sakwaManase ezwe-
ni lakwaGileyadi, **14** ehamba
nezikhulu eziyishumi, isikhu-
lu esisodwa emndenini ngamu-
nye kuzo zonke izizwe zakwa-
Israyeli, ngasinye siyinhloko
emndenini kayise futhi simele-
le izinkulungwane* zakwa-Isra-
yeli.[d] **15** Lapho befika kwaba-
kwaRubeni, kwabakwaGadi na-
kuhhafu wesizwe sakwaManase
ezweni lakwaGileyadi, bathi
kubo:

**16** "Nakhu ekushoyo yonke
inhlangano kaJehova: 'Senzo
sini lesi enisenzile sokungathe-
mbeki[e] kuNkulunkulu ka-Isra-
yeli? Seniyekile manje ukula-
ndela uJehova ngokuzakhela i-
altare nangokudlubulunda ku-
Jehova.[f] **17** Sasisincane yini
isono esasenza ePheyori? Asi-
kazihlanzi kuso kuze kube
namuhla, nakuba inhlanga-
no kaJehova yabhuqwa nge-
sifo.[g] **18** Nina seniyayeka ma-
nje ukulandela uJehova! Uma
nidlubulunda namuhla kuJe-
hova, kusasa uzothukuthele-
la yonke inhlangano ka-Isra-
yeli.[h] **19** Uma kuwukuthi izwe
eliyifa lenu lingcolile, welela-
ni ezweni lefa likaJehova[i] la-
pho kuhlala khona itaberna-
kele likaJehova,[a] nihlale na-
thi, kodwa ningadlubulundi ku-
Jehova futhi ningasenzi izi-
dlubulundi ngokuzakhela eli-
nye i-altare libe likhona i-alta-
re likaJehova uNkulunkulu we-
thu.[b] **20** Ngesikhathi u-Akha-
ni[c] indodana kaZera enza ngo-
kungathembeki ngokuphathe-
lene nento okwakufanele ibhu-
jiswe, intukuthelo ayehlelanga
yini yonke inhlangano ka-Isra-
yeli?[d] Akuyena yedwa owafa
ngenxa yesono sakhe.'"[e]

**21** Lapho bezwa lokhu, aba-
kwaRubeni, abakwaGadi no-
hhafu wesizwe sakwaMana-
se baphendula izinhloko ze-
zinkulungwane* zakwa-Israyeli
bathi:[f] **22** "UNkulunkulu Ona-
mandla, uJehova! UNkulunku-
lu Onamandla, uJehova![g] Yena
uyazi, no-Israyeli uzokwazi. Je-
hova, uma sidlubulundile futhi
singathembekanga kuwe, unga-
siyeki namuhla. **23** Uma siza-
khele i-altare ukuze siyeke
ukulandela uJehova nokuba si-
nikele kulo iminikelo yoku-
shiswa, iminikelo yokudla oku-
sanhlamvu nemihlatshelo ye-
nhlanganyelo, uJehova uzo-
sijezisa.[h] **24** Leli altare sila-
khe ngoba besikhathazeke ngo-
kuthi ngelinye ilanga amado-
dana enu ayothi emadodane-
ni ethu: "Nilithathaphi ilunge-
lo lokukhonza uJehova uNkulu-
nkulu ka-Israyeli kanye nathi?*
**25** UJehova ubeke iJordani
njengomngcele phakathi kwe-
thu nani, abakwaRubeni naba-
kwaGadi. Akukho okunihlanga-
nisa noJehova." Amadodana
enu ayovimba amadodana ethu
ekukhonzeni* uJehova.

**ISAHL. 22**
*a* Dut 13:12-15
*b* Jos 18:1; Jos 19:51
*c* Eks 6:25; Num 25:11; Hlu 20:28
*d* Num 1:16; Dut 1:13
*e* Jos 22:11, 12
*f* Dut 12:13, 14
*g* Num 25:3, 9; Dut 4:3
*h* Jos 7:1; 1Kr 21:14
*i* Num 34:2; Jos 1:11

**Uhla 2**
*a* Jos 18:1
*b* Dut 12:13, 14
*c* Jos 7:1
*d* Jos 7:11, 15
*e* Jos 7:5; Jos 7:24, 25
*f* Jos 22:13, 14
*g* Dut 10:17
*h* Dut 12:11, 13

**22:14** *Noma, "izizwe."

**22:21** *Noma, "zezizwe." **22:24** *Noma, "Nihlangene ngani nina noJehova uNkulunkulu ka-Israyeli." **22:25** *NgesiHebheru, "ekwesabeni."

**26** “Ngakho sithe, ‘Masiza-
kheleni i-altare, kungabi elo-
mnikelo wokushiswa noma
elomhlatshelo, **27** kodwa libe
ubufakazi phakathi kwethu
nani[a] nenzalo yethu* boku-
thi siyokwenza inkonzo ka-
Jehova phambi kwakhe nge-
minikelo yethu eshiswayo, nge-
mihlatshelo nangemihlatshelo
yethu ehlanganyelwayo,[b] uku-
ze ngelinye ilanga amadoda-
na enu angathi emadodaneni
ethu: “Akukho okunihlangani-
sa noJehova.”’ **28** Ngakho si-
the, ‘Uma kwenzeka ngelinye
ilanga besho lokho kithi nase-
nzalweni yethu,* siyothi: “Bhe-
kani i-altare elenziwa obaba
bethu elifana ne-altare lika-
Jehova, kungelona eleminike-
lo eshiswayo noma imihlatshe-
lo, kodwa ukuze libe ubu-
fakazi phakathi kwethu nani.”’
**29** Kuyinto esingenakuyicaba-
nga ukudlubulunda kuJehova
nokuba siyeke namuhla ukula-
ndela uJehova[c] ngokwakha i-
altare leminikelo eshiswayo,
iminikelo yokudla okusanhla-
mvu nemihlatshelo, ngapha-
ndle kwe-altare likaJehova
uNkulunkulu wethu eliphambi
kwetabernakele lakhe!”[d]

**30** Lapho uFinehasi umpri-
sti, izikhulu zenhlangano ne-
zinhloko zezinkulungwane* za-
kwa-Israyeli ezazikanye naye
bezwa amazwi ayeshiwo inza-
lo kaRubeni, kaGadi nekaMa-
nase, baneliseka.[e] **31** Ngakho
uFinehasi indodana ka-Eleyaza-
re umpristi wathi enzalweni
kaRubeni, kaGadi nekaManase:
“Namuhla siyazi ukuthi uJeho-
va uphakathi kwethu, ngoba
anisenzanga lesi senzo soku-
ngathembeki kuJehova. Manje
niwasindisile ama-Israyeli esa-
ndleni sikaJehova.”

**32** Ngemva kwalokho uFi-
nehasi indodana ka-Eleyaza-
re umpristi nezikhulu babu-
ya kwabakwaRubeni nabakwa-
Gadi ezweni lakwaGileyadi ba-
buyela ezweni laseKhanani,
babuyisela impendulo kwa-
manye ama-Israyeli. **33** Ama-
Israyeli aneliseka ngalowo mbi-
ko. Ama-Israyeli abe esedumi-
sa uNkulunkulu, awazange esa-
sho lutho ngokuyolwa naba-
kwaRubeni nabakwaGadi uku-
ze abhubhise izwe ababehlala
kulo.

**34** Ngakho abakwaRubeni
nabakwaGadi baliqamba igama
leli altare,* ngoba “liwufakazi
phakathi kwethu bokuthi uJe-
hova unguNkulunkulu weqini-
so.”

**23** Ngemva kwezinsuku ezi-
ningi uJehova enike
u-Israyeli ukuphumula[a] kuzo
zonke izitha ezingomakhelwa-
ne bakhe, lapho uJoshuwa
esemdala iminyaka isihambi-
le,[b] **2** uJoshuwa wabiza wo-
nke u-Israyeli,[c] amadoda ama-
dala, izinhloko, abahluleli nezi-
khulu,[d] wathi kubo: “Mina se-
ngigugile; iminyaka yami isi-
hambile. **3** Nikubonile konke
uJehova uNkulunkulu wenu
akwenzile kuzo zonke lezi zi-
zwe ngenxa yenu, ngoba uJe-
hova uNkulunkulu wenu nguye
obenilwela.[e] **4** Bhekani, ngi-
nabele ngenkatho*[f] indawo ye-
zizwe ezingakanqotshwa ka-
nye neyazo zonke izizwe enga-
zibhuqa[g] ukuze ibe yifa lenu,[h]
kusukela eJordani kuya oLwa-

**22:27** *NgesiHebheru, “nezizukulwane zethu.” **22:28** *NgesiHebheru, “nasezizukulwaneni zethu.” **22:30** *Noma, “zezizwe.”

**22:34** *Ngokwale ncazelo enikeziwe, cishe leli altare laqanjwa ngokuthi uFakazi. **23:4** *Noma, “nginihlukanisele.”

ISAHL. 22
a Gen 31:48; Jos 24:27
b Dut 12:5, 6
c Dut 6:14
d Dut 12:14
e Jos 22:13, 14

Uhla 2

ISAHL. 23
a Eks 33:14; Lev 26:6; Jos 21:44
b Jos 13:1
c Dut 31:28
d Dut 16:18
e Dut 20:4; Jos 10:11-14; Jos 10:40, 42
f Jos 18:10
g Dut 7:1
h Jos 13:2-6

ndle Olukhulu* entshonala-
nga. **5** UJehova uNkulunkulu
wenu nguye owayelokhu ezidu-
dula phambi kwenu,[a] futhi
wanixoshela zona,* nalithatha
izwe lazo, njengoba nje uJeho-
va uNkulunkulu wenu anithe-
mbisa.[b]

**6** "Manje kumele nibe ne-
sibindi sokugcina nokwenza
konke okulotshwe encwadini
yoMthetho[c] KaMose ngokuba
ningalokothi nichezuke kuwo
niye kwesokudla noma kweso-
bunxele,[d] **7** ngokuba ningalo-
kothi nizihlanganise nalezi zi-
zwe[e] ezisele phakathi kwe-
nu. Akumele niwaphathe no-
kuwaphatha amagama onkulu-
nkulu bazo[f] noma nifunge
ngabo, futhi akumele niba-
khonze noma nibakhothame-
le.[g] **8** Kodwa kumele nina-
mathele kuJehova uNkulunku-
lu wenu,[h] njengoba nje nenzi-
le kwaze kwaba yilolu suku.
**9** UJehova uyoxosha izizwe
ezinkulu nezinamandla pha-
mbi kwenu,[i] ngoba akekho
noyedwa oye wakwazi uku-
melana nani kuze kube yilo-
lu suku.[j] **10** Umuntu oyedwa
nje kuphela kini uyojaha aba-
yinkulungwane,[k] ngoba uJe-
hova uNkulunkulu wenu uyani-
lwela,[l] njengoba nje anithembi-
sa.[m] **11** Ngakho hlalani niqa-
phile[n] ngokuba nithande uJe-
hova uNkulunkulu wenu.[o]

**12** "Kodwa uma ningake nje
niphenduke ninamathele kule-
zi zizwe ezisele[p] phakathi kwe-
nu, niganiselane*[q] nazo futhi
nizihlanganise nazo, nazo zi-
zihlanganise nani, **13** kufane-
le nazi ngokuqinisekile uku-
thi uJehova uNkulunkulu wenu
ngeke aqhubeke ezixosha* lezi
zizwe ngenxa yenu.[a] Ziyoba yi-
sicupho nogibe kanye nohlu-
pho nxazonke zenu,[b] zibe nga-
meva emehlweni enu kuze
kube yilapho senishabalele ku-
leli zwe elihle uJehova uNkulu-
nkulu wenu aninike lona.

**14** "Manje sengizokufa,* fu-
thi nazi kahle ngayo yonke
inhliziyo yenu nangawo wonke
umphefumulo# wenu ukuthi
akukho nesisodwa isithembiso
kuzo zonke izithembiso ezinhle
uJehova uNkulunkulu wenu
anithembise zona esingafezeka-
nga. Zigcwaliseke zonke. Asi-
kho nesisodwa esingagcwali-
sekanga.[c] **15** Kodwa njengoba
nje zonke izithembiso ezinhle
uJehova uNkulunkulu wenu
anithembisa zona zigcwaliseki-
le,[d] ngendlela efanayo uJehova
uyonilethela lonke usizi akhulu-
me ngalo* futhi uyonibhuqa
niphele kuleli zwe elihle uJeho-
va uNkulunkulu wenu aninike
lona.[e] **16** Uma ningasigcini isi-
vumelwano sikaJehova uNkulu-
nkulu wenu aniyala ukuba nisi-
gcine, futhi uma nihamba niyo-
khonza abanye onkulunkulu ni-
bakhothamele, uJehova uyoni-
thukuthelela kakhulu[f] nishaba-
lale ngokushesha ezweni elihle
aninike lona."[g]

**24** UJoshuwa wazihlangani-
sa ndawonye zonke izi-
zwe zakwa-Israyeli eSheke-
mi, wabiza amadoda amada-
la akwa-Israyeli, izinhloko, aba-
hluleli nezikhulu,[h] bama pha-
mbi kukaNkulunkulu weqini-
so. **2** UJoshuwa wathi kubo

23:4 *Okuwukuthi, iMedithera. 23:5 *Noma, "waziphuca ifa lazo." 23:12 *Noma, "nishadiselane."

23:13 *Noma, "eziphuca ifa lazo." 23:14 *NgesiHebheru, "Namuhla ngihamba ngendlela yomhlaba wonke." #Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. 23:15 *Noma, "wonke amazwi amabi."

ISAHL. 23
a Eks 23:30, Eks 33:2, Dut 11:23
b Num 33:53
c Eks 24:7, Dut 17:18, Dut 31:26
d Dut 5:32, Dut 12:32, Jos 1:7, 8
e Eks 23:33, Dut 7:2
f Eks 23:13
g Eks 20:5
h Dut 10:20, Jos 22:5
i Dut 11:23
j Jos 1:3-5
k Lev 26:8, Hlu 3:31, 2Sa 23:8
l Eks 23:27, Dut 3:22
m Dut 28:7
n Dut 4:9, Jos 22:5
o Dut 6:5
p Eks 23:29, Jos 13:2-6
q Eks 34:16, Dut 7:3, Hlu 3:6, 1Kh 11:4, Ezr 9:2

Uhla 2
a Hlu 2:3, 21
b Num 33:55
c Jos 21:45, 1Kh 8:56
d Lev 26:3-12, Dut 28:1
e Lev 26:14-17, Dut 28:15, 63
f 2Kh 24:20
g Jos 23:12, 13

ISAHL. 24
h Eks 18:25, Jos 23:2

bonke abantu: "Yilokhu uJe-
hova uNkulunkulu ka-Israye-
li akushoyo, 'Okhokho benu[a]
babehlala ngaphesheya koMfu-
la* esikhathini eside esidlu-
le[b]—uThera uyise ka-Abraha-
ma noyise kaNahori—futhi ba-
bekhonza abanye onkulu-
nkulu.[c]
**3** "'Ngemva kwesikhathi nga-
thatha ukhokho wenu u-Abra-
hama[d] ngaphesheya koMfula*
ngamhambisa lonke leli zwe la-
seKhanani, ngayandisa inza-
lo# yakhe.[e] Ngamnika u-Isaka;[f]
**4** u-Isaka ngamnika uJakobe
no-Esawu.[g] Kamuva u-Esawu
ngamnika iNtaba iSeyiri ukuba
ibe yifa lakhe;[h] uJakobe nama-
dodana akhe behlela eGibhithe.[i]
**5** Kamuva ngathuma uMose no-
Aroni,[j] ngashaya iGibhithe nge-
zinhlupho,[k] ngemva kwalokho
nganikhipha. **6** Lapho ngikhi-
pha oyihlo eGibhithe[l] futhi befi-
ka olwandle, abaseGibhithe ba-
bajaha ngezinqola zempi nanga-
mabutho amahhashi baze bafika
oLwandle Olubomvu.[m] **7** Baqa-
la ukukhala kuJehova,[n] ngakho
wabeka ifu elimnyama phaka-
thi kwenu nabaseGibhithe, wa-
bamboza ngolwandle[o] bafa, fu-
thi nazibonela ngawenu lokho
engakwenza eGibhithe.[p] Nge-
mva kwalokho nahlala ehlane
iminyaka eminingi.*[q]
**8** "'Nganiletha ezweni lama-
Amori ayehlala ngapheshe ya*
kweJordani, wona alwa nani.[r]
Kodwa ngawanikela esandleni
senu ukuze nithathe izwe lawo,
ngawabhuqa phambi kwenu.[s]
**9** Khona-ke uBhalaki indodana
kaZipori, inkosi yakwaMo-
wabi, walwa no-Israyeli. Wabiza
uBhalami indodana kaBheyo-
ri ukuze aniqalekise.[a] **10** Ko-
dwa angimlalelanga uBhalami.[b]
Ngakho wanibusisa ngokuphi-
ndaphindiwe,[c] futhi nganikhu-
lula esandleni sakhe.[d]
**11** "'Nawela iJordani[e] nafi-
ka eJeriko.[f] Izikhulu* zase-
Jeriko, ama-Amori, amaPheri-
zi, amaKhanani, amaHeti, ama-
Girigashi, amaHivi namaJebusi
balwa nani, kodwa ngabanike-
la esandleni senu.[g] **12** Ngabe-
nza baphelelwa yithemba* pha-
mbi kwenu, okwabenza baniba-
lekela[h]—amakhosi amabili ama-
Amori. Lokhu akwenziwanga
yinkemba yenu noma umnsa-
lo wenu.[i] **13** Ngale ndlela nga-
ninika izwe enaningalikhandle-
kelanga namadolobha enani-
ngawakhanga,[j] nahlala kuwo.
Manje nidla emasimini amagi-
lebhisi nasezihlahleni zeminqu-
mo eningazitshalanga.'[k]
**14** "Ngakho-ke, yesabani
uJehova nimkhonze ngobu-
qotho# nangokwethembeka,△[l]
nisuse onkulunkulu okhokho
benu ababebakhonza ngaphe-
sheya koMfula* naseGibhithe,[m]
nikhonze uJehova. **15** Manje
uma kubonakala kukubi eme-
hlweni enu ukukhonza uJeho-
va, zikhetheleni namuhla uku-
thi ubani enizomkhonza,[n]
ukuthi nizokhonza onkulu-
nkulu ababekhonzwa okhokho
benu ngaphesheya koMfula*[o]
noma onkulunkulu bama-Amo-
ri enihlala ezweni lawo.[p] Ke-
pha mina nomndeni wami,# si-
zokhonza uJehova."
**16** Abantu baphendula ba-
thi: "Kuyinto engacabangeki

**24:2, 3, 14, 15** *Okuwukuthi, i-Ewufrathe. **24:3** #NgesiHebheru, "imbewu." **24:7** *NgesiHebheru, "izinsuku eziningi." **24:8** *Okuwukuthi, ngasempumalanga.

**24:11** *Noma kungaba, "Abanikazi bamazwe." **24:12** *Noma kungaba, "bethuka; besaba." **24:14** #Noma, "ngokungasoleki." △Noma, "nangeqiniso." **24:15** #Noma, "nendlu yami."

ISAHL. 24
a Gen 11:26, 27
b Gen 11:28, 31
c Jos 24:15
d Gen 12:1; Neh 9:7; IzE 7:2
e Gen 15:1, 5
f Gen 21:3
g Gen 25:26
h Gen 36:8; Dut 2:5
i Gen 46:2, 3
j Eks 3:10
k Eks 11:1
l Eks 12:37
m Eks 14:9
n Eks 14:10
o Eks 14:20, 27; Hu 106:11
p Eks 3:20; Dut 4:34
q Num 14:34
r Num 21:23
s Neh 9:22

Uhla 2
a Num 22:2, 5; Dut 23:3, 4
b Num 22:12
c Num 23:11, 25; Num 24:10
d Num 31:7, 49
e Jos 3:17
f Jos 5:10
g Jos 11:16; Jos 21:44; Heb 11:30
h Eks 23:28; Jos 2:9, 10
i Hu 44:3
j Jos 11:14
k Dut 6:10, 11; Dut 8:7, 8
l Gen 17:1; Dut 10:12; Dut 18:13; 1Sa 12:24
m Lev 17:7; Hez 23:8
n Dut 30:19, 20; 1Kh 18:21
o Jos 24:2
p Eks 23:32; Dut 7:25; Hlu 6:10; Hlu 10:6

ukuba sishiye uJehova sikho-
nze abanye onkulunkulu.
17 NguJehova uNkulunkulu
wethu owasikhuphula, thina
nobaba bethu wasikhipha
ezweni laseGibhithe,[a] endlini
yobugqila,[b] futhi owenza lezi
zibonakaliso ezinkulu phambi
kwamehlo ethu[c] nowayelokhu
esiqaphile kuyo yonke indlela
esayihamba naphakathi kwa-
zo zonke izizwe esadabula
phakathi kwazo.[d] 18 UJeho-
va waxosha zonke izizwe kanye
nama-Amori ayehlala ezweni
ngaphambi kokuba sifike. Nga-
kho-ke, nathi sizokhonza uJe-
hova, ngoba unguNkulunkulu
wethu."

19 Khona-ke uJoshuwa wa-
thi kubantu: "Nizokwazi nge-
mpela yini ukukhonza uJe-
hova? Ngoba unguNkulunku-
lu ongcwele;[e] unguNkulunkulu
ofuna ukuzinikela kuye kuphe-
la.[f] Ngeke azixolele izeqo zenu*
nezono zenu.[g] 20 Uma nim-
shiya uJehova nikhonze onku-
lunkulu bezinye izizwe, naye
uyomelana nani aniqothule
ngemva kokuba esenenzele
okuhle."[h]

21 Kodwa abantu bathi ku-
Joshuwa: "Sizokhonza uJe-
hova!"[i] 22 Ngakho uJoshuwa
wathi kubantu: "Ningofakazi
bokuthi nizikhethele ngokwe-
nu ukukhonza uJehova."[j] Ba-
thi: "Singofakazi."

23 "Ngakho-ke, susani onku-
lunkulu bezinye izizwe aba-
phakathi kwenu, nikhonze uJe-
hova uNkulunkulu ka-Israye-
li ngayo yonke inhliziyo yenu."
24 Abantu bathi kuJoshuwa:
"Sizokhonza uJehova uNkulu-
nkulu wethu, futhi sizolalela
izwi lakhe!"

---

24:19 *Noma, "akuxolele ukuvukela kwenu."

25 UJoshuwa wenza isivu-
melwano nabantu ngalolo
suku wabanika isiqondiso nom-
thetho eShekemi. 26 Ngemva
kwalokho uJoshuwa waloba
la mazwi encwadini yoMthe-
tho[a] kaNkulunkulu, wayesetha-
tha itshe[b] elikhulu walimisa
ngaphansi kwesihlahla esikhu-
lu esingasendlini engcwele ka-
Jehova.

27 UJoshuwa wathi kubo bo-
nke abantu: "Lalelani! Leli tshe
lizoba ufakazi wethu,[c] ngoba li-
kuzwe konke uJehova asitshele
kona, lizoba ufakazi, ukuze ni-
ngamphiki uNkulunkulu wenu."
28 UJoshuwa wabe esebadede-
la abantu bahamba yilowo na-
lowo waya endaweni eyifa la-
khe.[d]

29 Ngemva kwalezi zinto
uJoshuwa indodana kaNuni,
inceku kaJehova, wafa ene-
minyaka engu-110.[e] 30 Nga-
kho bamngcwaba endaweni eyi-
fa lakhe eThimnati-sera,[f]
esezintabeni zakwa-Efrayimi,
enyakatho yeNtaba iGahashi.
31 U-Israyeli waqhubeka ekho-
nza uJehova zonke izinsuku zi-
kaJoshuwa nazo zonke izinsu-
ku zamadoda amadala aqhube-
ka ephila ngemva kokufa kuka-
Joshuwa nayekwazi konke uJe-
hova ayekwenzele u-Israyeli.[g]

32 Amathambo kaJosefa,[h]
lawo ama-Israyeli ayekhuphuke
nawo esuka eGibhithe, angcwa-
tshwa eShekemi endaweni uJa-
kobe ayeyithenge emadodane-
ni kaHamori,[i] uyise kaShekemi,
ngezinhlamvu zemali ezingu-
100;[j] futhi yaba yifa lenzalo ka-
Josefa.[k]

33 U-Eleyazare indodana ka-
Aroni naye wafa.[l] Ngakho bam-
ngcwaba eGqumeni LikaFine-
hasi indodana yakhe,[m] ayemni-
ke lona ezintabeni zakwa-Efra-
yimi.

ISAHL. 24
a Eks 19:4
Dut 32:12
b Dut 6:12
c Eks 14:31
Dut 4:34
Dut 29:2
d Eks 23:23
e Lev 19:2
Hu 99:5
Isay 6:3
1Pe 1:15
f Eks 20:5
Eks 34:14
Num 25:11
Mat 4:10
g Eks 23:20, 21
Num 14:35
h Dut 28:15, 20
Jos 23:16
2Kr 15:2
Isay 63:10
Jer 17:13
i Eks 19:8
j Dut 26:17
Jos 24:15

---

Uhla 2
a Dut 31:26
b Gen 31:45
c Gen 31:48
d Hlu 2:6
e Hlu 2:8, 9
f Jos 19:49, 50
g Dut 31:12, 13
Hlu 2:7
h Gen 50:25
Eks 13:19
Heb 11:22
i IzE 7:15, 16
j Gen 33:18, 19
k Jos 20:7
l Num 3:4
Num 20:26
m Eks 6:25
Hlu 20:28

# ABAHLULELI

## UHLU LOKUPHAKATHI


1 Ukunqoba kukaJuda noSimeyoni (1-20)
AmaJebusi ayaphikelela nokuhlala eJerusalema (21)
UJosefa uthatha iBhethele (22-26)
AmaKhanani awaxoshwa wonke (27-36)

2 Isixwayiso esivela engelosini kaJehova (1-5)
UJoshuwa uyafa (6-10)
Kumiswa abahluleli abazosindisa u-Israyeli (11-23)

3 UJehova uvivinya u-Israyeli (1-6)
U-Otheniyeli, uMahluleli wokuqala (7-11)
UMahluleli u-Ehudi ubulala inkosi ekhuluphele u-Egiloni (12-30)
UMahluleli uShamgari (31)

4 Inkosi yamaKhanani uJabini icindezela u-Israyeli (1-3)
Umprofethikazi uDebora noMahluleli uBharaki (4-16)
UJayeli ubulala induna yempi uSisera (17-24)

5 Ingoma yokunqoba kaDebora noBharaki (1-31)
Izinkanyezi zilwa noSisera (20)
Umfudlana waseKishoni uyabakhukhula (21)
Labo abathanda uJehova bafana nelanga (31)

6 AbakwaMidiyani bacindezela u-Israyeli (1-10)
Ingelosi iqinisekisa uMahluleli uGideyoni ukuthi uzosekelwa (11-24)
UGideyoni ubhidliza i-altare likaBhali (25-32)
Umoya kaNkulunkulu usebenza kuGideyoni (33-35)
Isivivinyo esenziwa ngoboya bemvu (36-40)

7 UGideyoni namadoda angu-300 (1-8)
Ibutho likaGideyoni linqoba abakwaMidiyani (9-25)
“Inkemba kaJehova nekaGideyoni!” (20)
Isiphithiphithi ekamu lakwaMidiyani (21, 22)

8 Abakwa-Efrayimi baxabana noGideyoni (1-3)
Amakhosi akwaMidiyani ayajahwa bese ebulawa (4-21)
UGideyoni uyenqaba ukuba yinkosi (22-27)
Ukufingqwa kokuphila kukaGideyoni (28-35)

9 U-Abhimeleki uba yinkosi eShekemi (1-6)
Umzekeliso kaJothamu (7-21)
U-Abhimeleki ubusa ngonya (22-33)
U-Abhimeleki uhlasela iShekemi (34-49)
Owesifazane ulimaza u-Abhimeleki; uyafa (50-57)

10 AbaHluleli uThola noJayire (1-5)
U-Israyeli uyavukela abuye azisole (6-16)
Abakwa-Amoni basongela u-Israyeli (17, 18)

11 UMahluleli uJefta uyaxoshwa, kamuva ubekwa njengomholi (1-11)
UJefta ubonisana nabakwa-Amoni (12-28)
Isifungo sikaJefta nendodakazi yakhe (29-40)
Ukuphila kwendodakazi ingashadile (38-40)

12 Ingxabano nabakwa-Efrayimi (1-7)
Isivivinyo ngegama elithi Shibholeti (6)
AbaHluleli u-Ibhizani, u-Eloni no-Abhidoni (8-15)

13 Ingelosi ivakashela uManowa nomkakhe (1-23)
Ukuzalwa kukaSamsoni (24, 25)

14 UMahluleli uSamsoni ufuna inkosikazi engumFilisti (1-4)
USamsoni ubulala ibhubesi esizwa umoya kaJehova (5-9)
Isiphicaphicwano sikaSamsoni emshadweni (10-19)
UmkaSamsoni unikwa enye indoda (20)

15 USamsoni uyaziphindiselela kumaFilisti (1-20)

16 USamsoni useGaza (1-3)
USamsoni noDelila (4-22)
USamsoni uyaziphindiselela bese eyafa (23-31)

17 Izithixo zikaMika nompristi wakhe (1-13)

18 AbakwaDani bafuna izwe (1-31)
Izithixo zikaMika nompristi wakhe kuyathathwa (14-20)
ILayishi liyanqotshwa bese liqanjwa ngokuthi kukwaDani (27-29)
KwaDani kukhonzwa isithixo (30, 31)
19 AbakwaBhenjamini baba necala lokudlwengula eGibheya (1-30)
20 Kuliwa nabakwaBhenjamini (1-48)
21 Isizwe sakwaBhenjamini siyasinda ekuqothulweni (1-25)

**1** Ngemva kokufa kukaJoshu-
wa[a] ama-Israyeli* abuza ku-
Jehova,[b] athi: "Ngubani ki-
thi ozokhuphuka kuqala ayo-
kulwa namaKhanani?" **2** UJe-
hova waphendula wathi: "Ngu-
Juda ozokhuphuka.[c] Ngilini-
kela* esandleni sakhe izwe."
**3** UJuda wathi kuSimeyoni
umfowabo: "Khuphuka nami
siye esabelweni[d] sami siyo-
lwa namaKhanani, nami ngizo-
hamba nawe ukuya esabelweni
sakho." Ngakho uSimeyoni wa-
hamba naye.

**4** Lapho abakwaJuda be-
khuphuka, uJehova wanikela
amaKhanani namaPherizi eza-
ndleni zabo,[e] banqoba ama-
doda angu-10 000 eBheze-
ki. **5** Bathola u-Adoni-bhezeki
eBhezeki, balwa naye lapho
bawanqoba amaKhanani[f] na-
maPherizi.[g] **6** Lapho u-Adoni-
bhezeki ebaleka, bamjaha ba-
mbamba, bamnquma izithupha
nobhozo. **7** U-Adoni-bhezeki
wathi: "Kunamakhosi angu-
70 engawanquma izithupha no-
bhozo acosha ukudla ngapha-
nsi kwetafula lami. Ngakho
uNkulunkulu ungibuyisele nga-
yo kanye indlela engenze nga-
yo." Ngemva kwalokho bamle-
tha eJerusalema[h] lapho afela
khona.

**8** Ngaphezu kwalokho, ama-
doda akwaJuda alwa neJeru-
salema[a] alinqoba; aligalela nge-
nkemba, abe eselishisa ngomli-
lo. **9** Ngemva kwalokho, ama-
doda akwaJuda ehla ayoku-
lwa namaKhanani ayehlala ezi-
ntabeni, eNegebhi naseShefe-
la.[b] **10** UJuda wahamba wa-
yokulwa namaKhanani ayehla-
la eHebroni (igama leHebroni
ngaphambi kwalokho kwakuyi-
Kiriyati-ariba), babulala uShe-
shayi, u-Ahimani noTalimayi.[c]

**11** Ukusuka lapho baqhube-
ka bayokulwa nabaseDebhi-
ri.[d] (IDebhiri lalikade libi-
zwa ngokuthi iKiriyati-seferi.)[e]
**12** UKalebi[f] wabe esethi:
"Indoda ezohlasela iKiriyati-
seferi ilinqobe, ngizoyinika
indodakazi yami u-Akisa ibe
umkayo."[g] **13** U-Otheniyeli[h]
indodana kaKhenazi[i] ongumfo-
wabo kaKalebi omncane, wali-
nqoba. Ngakho wamnika u-Aki-
sa indodakazi yakhe waba
umkakhe. **14** Lapho u-Akisa
eseya emzini wakhe, wance-
nga umyeni wakhe ukuba ace-
le insimu kuyise. U-Akisa wabe
esehla embongolweni.* UKa-
lebi wathi kuye: "Ufunani?"
**15** Wathi: "Ngicela ungiphe isi-
pho esiyisibusiso, ngoba ungi-
nike isiqephu sezwe esomile
kuphela esiseningizimu;* ngini-
ke neGulothi-mayimi."# Ngakho

ISAHL. 1
a Jos 24:29
b Num 27:18, 21; Hlu 20:18
c Gen 49:8; Dut 33:7; 1Kr 5:2
d Jos 15:1; Jos 19:1, 9
e Dut 9:3
f Gen 10:6; Dut 20:17
g Gen 15:18-21; Eks 3:8; Hlu 3:5; 1Kh 9:20, 21
h Jos 15:8, 12

Uhla 2
a Jos 15:63; Hlu 1:21
b Jos 11:16; Jos 15:20, 33
c Jos 11:21; Jos 15:13, 14
d Jos 10:38
e Jos 15:15
f Num 13:3, 6; Num 14:24; Dut 1:35, 36; Jos 14:13
g Jos 15:16-19
h Hlu 3:9
i 1Kr 4:13

**1:1** *NgesiHebheru, "amadodana kaIsrayeli." **1:2** *Noma, "ngilinikele."

**1:14** *Noma kungaba, "washaya izandla esembongolweni." **1:15** *Noma, "esiseNegebhi." #Incazelo: "Izitsha Zamanzi."

uKalebi wamnika iGulothi Eli-
ngenhla neGulothi Elingezansi.
**16** Inzalo yomKheni,[a] umu-
khwe kaMose,[b] yakhuphuka
isuka edolobheni lezihlahla ze-
sundu[c] kanye nabantu bakwa-
Juda yaya ehlane lakwaJu-
da, eningizimu ye-Aradi.[d] Ya-
hamba yaya lapho yafike yahla-
la nabantu bendawo.[e] **17** Ko-
dwa uJuda waqhubekela pha-
mbili noSimeyoni umfowabo,
bahlasela amaKhanani ahla-
la eZefati bawashaya bawa-
bhuqa.[f] Ngakho baqamba lelo
dolobha ngokuthi iHorma.*[g]
**18** Ngemva kwalokho uJuda
wanqoba iGaza[h] nendawo enga-
phansi kwalo, i-Ashikeloni[i] ne-
ndawo engaphansi kwalo ne-
Ekroni[j] nendawo engaphansi
kwalo. **19** UJehova wayemse-
kela uJuda futhi wadla indawo
esezintabeni, kodwa akakwaza-
nga ukuxosha abantu ababe-
hlala ethafeni,* ngoba babe-
nezinqola zempi ezinamasikela
amakhulu ensimbi.#[k] **20** Bani-
ka uKalebi iHebroni, njengoba
nje uMose ayethembisile,[l] wa-
fike waxosha amadodana ama-
thathu ka-Anaki.[m]
**21** Kodwa abakwaBhenjami-
ni abazange bawaxoshe ama-
Jebusi ayehlala eJerusalema,
ngakho amaJebusi asahlala na-
bakwaBhenjamini eJerusalema
kuze kube namuhla.[n]
**22** Phakathi naleso sikha-
thi indlu kaJosefa[o] yakhu-
phuka yayokulwa neBhethele,
uJehova wayenayo.[p] **23** Inza-
lo kaJosefa yathumela izinhloli
eBhethele (ngaphambi kwalo-
kho igama lalelo dolobha kwa-
kuyiLuze),[q] **24** izinhloli zabo-
na indoda iphuma kulelo do-
lobha. Ngakho zathi kuyo: "Si-
cela usikhombise indlela yoku-
ngena kuleli dolobha, ngeke si-
kubulale."* **25** Ngakho le ndo-
da yazibonisa indlela yokunge-
na kulelo dolobha; inzalo ka-
Josefa yabe isilihlasela nge-
nkemba, kodwa ayiyibulalanga
leyo ndoda nawo wonke um-
ndeni wayo.[a] **26** Leyo ndoda
yahamba yaya ezweni lamaHe-
ti yakha idolobha yaliqamba
ngokuthi iLuze, okuyigama lalo
kuze kube namuhla.
**27** UManase akazange alidle
iBheti-sheyani namadolobhana
angaphansi* kwalo, iThahana-
ki[b] namadolobhana angapha-
nsi kwalo, iDori namadolobha-
na angaphansi kwalo, iJibhile-
yamu namadolobhana anga-
phansi kwalo neMegido nama-
dolobhana angaphansi kwayo.[c]
AmaKhanani aphikelela noku-
hlala kuleli zwe. **28** Lapho
ama-Israyeli eba namandla,
enzisa amaKhanani umsebenzi
wobugqila,[d] kodwa awawaxo-
shanga wonke.[e]
**29** U-Efrayimi naye akawa-
xoshanga amaKhanani ayehla-
la eGezeri.[f] AmaKhanani aqhu-
beka ehlala nabo eGezeri.
**30** UZebhuloni akabaxosha-
nga abaseKitroni nabaseNaha-
loli.[g] AmaKhanani aqhubeka
ehlala nabo, enziswa umsebe-
nzi wobugqila.[h]
**31** U-Asheri akabaxoshanga
abase-Ako, abaseSidoni,[i] aba-
se-Ahilabi, abase-Akizibi,[j] aba-
seHelba, abase-Afiki[k] nabase-
Rehobe.[l] **32** Ngakho abakwa-
Asheri baqhubeka behlala na-
maKhanani ayehlala kulelo
zwe, ngoba abazange bawaxo-
she.

ISAHL. 1
a Num 24:21 Hlu 4:11
b Eks 3:1 Eks 4:18 Eks 18:1 Num 10:29
c Dut 34:3 Hlu 3:13
d Num 21:1
e Num 10:29-32
f Lev 27:29 Dut 20:16
g Jos 19:1, 4
h Gen 10:19 Jos 11:22
i Hlu 14:19
j Jos 13:1-3 Jos 15:20, 45
k Dut 20:1 Jos 17:16
l Num 14:24 Jos 14:9
m Num 13:22
n Jos 15:63 2Sa 5:6
o Jos 14:4
p Gen 49:22, 24 Jos 16:1 Hu 44:3
q Gen 35:6

Uhla 2
a Jos 6:25 1Sa 15:6
b Jos 21:8, 25 Hlu 5:19
c Jos 17:11, 12
d Gen 9:25 1Kh 9:20, 21
e Num 33:55 Dut 7:2 Dut 20:16 Jos 17:13
f Jos 16:10 1Kh 9:16
g Jos 19:15, 16
h Dut 20:17 Hlu 2:2
i Jos 11:8 Jos 19:28, 31
j Jos 19:29, 31
k Jos 19:30, 31
l Jos 21:8, 31

**1:17** *Incazelo: "Ukubhubhisa." **1:19** *Noma, "ethafeni eliphansi." #NgesiHebheru, "babenezinqola zensimbi."

**1:24** *NgesiHebheru, "sizokubonisa uthando oluqotho." **1:27** *Noma, "aseduze."

**33** UNafetali akabaxosha-
nga abaseBheti-shemeshi na-
baseBheti-anati,[a] kodwa ba-
qhubeka behlala namaKhana-
ni ayehlala kulelo zwe.[b] Aba-
seBheti-shemeshi nabaseBheti-
anati baba izigqila zakhe.
**34** Ama-Amori abavalela
ezintabeni abakwaDani, enga-
bavumeli ukuba behlele ema-
thafeni.*[c] **35** Ngakho ama-
Amori aphikelela nokuhlala
eNtabeni iHeresi, e-Ajaloni[d] na-
seShahalibhimi.[e] Kodwa lapho
indlu kaJosefa iba namandla,*
enziswa umsebenzi wobugqila.
**36** Indawo yama-Amori yayiqa-
la emqanseni wase-Akarabimi,[f]
kusukela eSela kwenyuke.

**2** Ingelosi kaJehova[g] yakhu-
phukela eBhokimi isuka
eGiligali[h] yathi: "Nganikhipha
eGibhithe nganiletha ezwe-
ni engafunga ngalo kokho-
kho benu.[i] Ngaphezu kwalo-
kho, ngathi, 'Angisoze ngase-
phula isivumelwano engasenza
nani.[j] **2** Nina, akumele nenze
isivumelwano nabantu bakuleli
zwe,[k] kufanele niwadilize ama-
altare abo.'[l] Kodwa anizange ni-
lilalele izwi lami.[m] Nikwenzele-
ni lokhu? **3** Yingakho nami
ngithe: 'Ngeke ngibaxoshe pha-
mbi kwenu,[n] bayoba ugibe
kini,[o] nonkulunkulu babo bayo-
niyenga.' "[p]
**4** Lapho ingelosi kaJehova
ikhuluma la mazwi kuwo wo-
nke ama-Israyeli, abantu ba-
khala kakhulu. **5** Ngakho ba-
qamba leyo ndawo ngokuthi
iBhokimi,* base benzela uJe-
hova umhlatshelo lapho.
**6** Lapho uJoshuwa edede-
la abantu ukuba bahambe, wo-
nke ama-Israyeli ahamba, yilo-
wo nalowo waya endaweni eyi-
fa lakhe wayohlala khona.[a]
**7** Abantu baqhubeka bekho-
nza uJehova zonke izinsuku zi-
kaJoshuwa nazo zonke izinsu-
ku zamadoda amadala aqhu-
beka ephila ngemva koku-
fa kukaJoshuwa nayebone zo-
nke izenzo zikaJehova ezi-
nkulu ayezenzele u-Israyeli.[b]
**8** Ngakho uJoshuwa indodana
kaNuni, inceku kaJehova, wafa
eneminyaka engu-110.[c] **9** Nga-
kho bamngcwaba endaweni
eyifa lakhe eThimnati-here-
si,[d] ezintabeni zakwa-Efrayimi,
enyakatho yeNtaba iGahashi.[e]
**10** Sonke leso sizukulwane sa-
ngcwatshwa nokhokho baso,
kwase kuvela esinye isizuku-
lwane ngemva kwaso esasinga-
mazi uJehova nalokho ayekwe-
nzele ama-Israyeli.
**11** Ngakho ama-Israyeli enza
okubi emehlweni kaJehova
akhonza noBhali.[f] **12** Amshiya
kanjalo uJehova, uNkulunku-
lu woyise, owawakhipha ezwe-
ni laseGibhithe.[g] Alandela
abanye onkulunkulu, onkulu-
nkulu bezizwe ezazakhelene
nawo,[h] abakhothamela, amcasu-
la uJehova.[i] **13** Amshiya uJe-
hova akhonza uBhali nemifane-
kiso ka-Ashitoreti.[j] **14** Ngenxa
yalokho intukuthelo kaJehova
yawavuthela ama-Israyeli, nga-
kho wawanikela ezandleni zala-
bo abawaphanga.[k] Wawathengi-
sa esandleni sezitha zawo eza-
zakhelene nawo,[l] ayengasena-
wo amandla okumelana ne-
zitha zawo.[m] **15** Nomaphi la-
pho ayeya khona, isandla si-
kaJehova sasimelene nawo,
ewalethela inhlekelele,[n] njengo-
ba nje uJehova ayeshilo nanje-
ngoba nje uJehova ayefungile
kuwo,[o] ayesebunzimeni obukhu-
lu.[p] **16** Ngakho uJehova waye-
misa abahluleli ababewasindisa
esandleni sabaphangi.[q]

---

**1:34** *Noma, "ethafeni eliphansi." **1:35** *NgesiHebheru, "nesandla esisindayo." **2:5** *Incazelo: "Abalilayo."

**ISAHL. 1**

*a* Jos 19:38, 39
*b* Dut 7:2
*c* Jos 19:47; Hlu 18:1
*d* Jos 10:12
*e* Jos 19:42, 48
*f* Num 34:2, 4; Jos 15:3, 12

**ISAHL. 2**

*g* Eks 23:20, 23; Jos 5:13, 14
*h* Jos 5:8, 9
*i* Gen 12:7; Gen 26:3
*j* Gen 17:1, 7; Lev 26:42
*k* Eks 23:32; Dut 7:2; 2Ko 6:14
*l* Eks 34:13; Num 33:52
*m* Hlu 1:28
*n* Hlu 2:20-23
*o* Num 33:55; Jos 23:12, 13
*p* Eks 23:33; Dut 7:16; 1Kh 11:2

**Uhla 2**

*a* Jos 24:28
*b* Jos 23:3; Jos 24:31
*c* Jos 24:29
*d* Jos 19:49, 50
*e* Jos 24:30
*f* Hlu 3:7; Hlu 10:6; 1Kh 18:17, 18
*g* Dut 31:16
*h* Dut 6:14
*i* Eks 20:5
*j* Hlu 3:7; Hlu 10:6; 1Kh 11:5
*k* Hlu 3:8; 2Kh 17:20; Hu 106:40, 41
*l* Hlu 4:2
*m* Lev 26:17, 37; Dut 28:15, 25
*n* Dut 28:15
*o* Dut 4:25, 26
*p* Hlu 10:9
*q* Hlu 3:9; 1Sa 12:11; Neh 9:27; Hu 106:43

**17** Kodwa enqaba ukulalela
ngisho nabahluleli, ayefeba na-
banye onkulunkulu ebakhotha-
mela. Aphambuka ngokushe-
sha endleleni okhokho bawo
ababehambe ngayo. Okhokho
bawo bayilalela imiyalo kaJe-
hova,[a] kodwa wona awazange
ayilalele. **18** Noma nini lapho
uJehova ewamisela abahlu-
leli,[b] uJehova wayemsiza lowo
mahluleli ammisile awasindi-
se esandleni sezitha zawo zo-
nke izinsuku zalowo mahlule-
li; ngoba uJehova wayewada-
bukela*[c] ngokububula kwawo
okwakubangelwa yilabo ababe-
wacindezela[d] nalabo ababewa-
hlukumeza.

**19** Kodwa lapho umahluleli
efa, ayephinde enze ngokukho-
hlakala kakhulu ukwedlula oyi-
se ngokulandela abanye onku-
lunkulu abakhonze, abakho-
thamele.[e] Awazange ayiyeke
imikhuba yawo nenkani yawo.
**20** Ekugcineni intukuthelo ka-
Jehova yamvuthela u-Israyeli,[f]
wathi: “Ngenxa yokuthi lesi
sizwe sisephulile isivumelwa-
no[g] sami engasenza nokho-
kho baso futhi asingilalelanga,[h]
**21** nami ngeke ngixoshe pha-
mbi kwaso nesisodwa sale-
zi zizwe uJoshuwa azishiya la-
pho efa.[i] **22** Lokhu ngikwe-
nza ukuze ngimvivinye u-Isra-
yeli ukuthi uzoyigcina yini
indlela kaJehova[j] ngokuhamba
kuyo njengoba nje kwenza oyi-
se.” **23** Ngakho uJehova wazi-
vumela lezi zizwe ukuba zisa-
le. Akazange azixoshe ngoku-
shesha, futhi akazange azinike-
le esandleni sikaJoshuwa.

**3** Yilezi izizwe uJehova azi-
vumela ukuba zisale ukuze
zivivinye bonke abakwa-Israye-
li ababengakaze balwe kuno-
ma iyiphi impi yaseKhanani[k]
**2** (lokhu wayekwenzela uku-
ba izizukulwane zakwa-Israyeli
ezazizolandela ziyazi impi, labo
ababengakaze baye empini):
**3** amakhosi amahlanu amaFili-
sti[a] nawo wonke amaKhanani,
abaseSidoni[b] namaHivi[c] ahla-
la eNtabeni iLebhanoni,[d] ku-
sukela eNtabeni iBhali-hermo-
ni kuze kufike eLebo-hamati.*[e]
**4** Zazisetshenziselwa ukuvivi-
nya u-Israyeli ukuze kubona-
kale ukuthi wayezoyilalela yini
imiyalo kaJehova ayeyale nga-
yo oyise esebenzisa uMose.[f]
**5** Ngakho ama-Israyeli ahlala
phakathi kwamaKhanani,[g] ama-
Heti, ama-Amori, amaPherizi,
amaHivi namaJebusi. **6** Ama-
Israyeli ayethatha amadodaka-
zi alezi zizwe ukuze abe abafa-
zi bawo, athathe amadodakazi
awo awanike amadodana alezi
zizwe, aqala nokukhonza onku-
lunkulu bazo.[h]

**7** Ngakho ama-Israyeli enza
okubi emehlweni kaJehova,
amkhohlwa uJehova uNkulu-
nkulu wawo akhonza oBha-
li[i] nezigxobo ezingcwele.*[j]
**8** Ngenxa yalokho intukuthelo
kaJehova yamvuthela u-Israye-
li, wamnikela* esandleni sika-
Kushani-rishatayimi inkosi ya-
seMesophothamiya.# Ama-Isra-
yeli akhonza uKushani-rishata-
yimi iminyaka engu-8. **9** La-
pho ama-Israyeli ecela usizo
kuJehova,[k] uJehova wawami-
sela umsindisi ukuze awasi-
ndise,[l] u-Otheniyeli[m] indodana
kaKhenazi, umfowabo kaKale-
bi omncane. **10** Umoya kaJe-
hova wehlela kuye,[n] waba uma-
hluleli ka-Israyeli. Lapho ephu-
ma eyokulwa, uJehova wani-

---

**2:18** *Noma, “wadabuka.”

**3:3** *Noma, “ekuqaleni kweHamati.” **3:7** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **3:8** *NgesiHebheru, “wamthengisa.” #NgesiHebheru, “yase-Aramunaharayimi.”

---

ISAHL. 2
a Hlu 2:7
b Hlu 3:9
c Dut 32:36; Hu 106:45
d Hlu 4:3
e Hlu 4:1; Hlu 8:33
f Dut 7:4; Hlu 10:7; Hu 106:40
g Eks 24:3, 8; Eks 34:27; Dut 29:1; Jos 23:16
h Lev 26:14, 17
i Jos 13:1, 2
j Num 33:55; Dut 8:2; Jos 23:12, 13; Hlu 3:4

ISAHL. 3
k Dut 8:2; Hlu 2:10

Uhla 2
a Hlu 1:18, 19
b Jos 13:1, 4; Hlu 1:31
c Jos 9:1, 2
d Jos 13:1, 6
e Num 34:2, 8; Jos 13:1, 5
f Eks 23:33; Hlu 2:21, 22
g Hlu 1:29; Hu 106:34
h Eks 34:15, 16; Num 25:1, 2; Dut 7:3, 4; 1Kh 11:1, 4
i Dut 31:16; Hlu 2:11; Hlu 10:6
j Eks 34:13; Dut 12:3; Dut 16:21
k Dut 4:30; Hlu 10:10, 15
l Hlu 2:16, 18; Hlu 3:15
m 1Kr 4:13
n Num 11:16, 17; Hlu 6:34; Hlu 11:29; Hlu 14:5, 6; Hlu 15:14; 1Sa 11:6; 1Sa 16:13; 2Kr 15:1

kela uKushani-rishatayimi inko-
si yaseMesophothamiya* esa-
ndleni sakhe, wamnqoba uKu-
shani-rishatayimi. **11** Ngemva
kwalokho izwe laba nokuthu-
la* iminyaka engu-40. U-Otheni-
yeli indodana kaKhenazi wabe
esefa.

**12** Ama-Israyeli aphinda
enza okubi emehlweni kaJeho-
va.[a] Ngakho uJehova wavume-
la u-Egiloni inkosi yakwaMowa-
bi[b] ukuba awanqobe ama-Isra-
yeli, ngoba ayenze okubi eme-
hlweni kaJehova. **13** Ngaphe-
zu kwalokho, wawalethela ama-
Amoni[c] nama-Amaleki.[d] Ahla-
sela u-Israyeli, adla idolobha
lezihlahla zesundu.[e] **14** Ama-
Israyeli akhonza u-Egiloni inko-
si yakwaMowabi iminyaka
engu-18.[f] **15** Ama-Israyeli ace-
la usizo kuJehova,[g] ngakho
uJehova wawamisela umsindi-
si,[h] u-Ehudi[i] indodana kaGera,
umBhenjamini,[j] owayeyinxele.[k]
Ngemva kwesikhathi ama-Isra-
yeli amthuma ukuba ahambise
intela ku-Egiloni inkosi ya-
kwaMowabi. **16** Phakathi na-
leso sikhathi u-Ehudi wazenze-
la inkemba esika nhlangothi
zombili, ubude bayo buyinga-
lo,* wayifaka ngaphansi kwe-
ngubo yakhe ethangeni lakhe
lesokudla. **17** Wabe eseyile-
tha ku-Egiloni inkosi yakwaMo-
wabi leyo ntela. U-Egiloni lona
wayekhuluphele kakhulu.

**18** Lapho u-Ehudi eseqedile
ukwethula intela, wahamba na-
bantu ababeyithwele. **19** La-
pho befika ezithombeni eziba-
ziwe* eGiligali,[l] yena wabuye-
la emuva, wathi: "Nkosi, ku-
nomyalezo oyimfihlo engiku-
phathele wona." Ngakho inko-
si yathi ezikhonzini: "Phu-
mani!" Ngakho zonke izikho-
nzi zayo zaphuma. **20** U-Ehu-
di waya kuyo njengoba ya-
yihlezi yodwa ekamelweni layo
elipholile eliphezulu ophahle-
ni. U-Ehudi wayesethi: "Ngiku-
phathele umyalezo ovela ku-
Nkulunkulu." Ngakho yasuku-
ma esihlalweni sayo sobukho-
si.* **21** U-Ehudi wabe esekhi-
pha inkemba ethangeni la-
khe langakwesokudla ngesa-
ndla sakhe sobunxele wayigwa-
za esiswini. **22** Inkemba ya-
ngena yonke kanye nesiba-
mbo sayo, yambozwa amano-
ni, ngoba akazange ayikhiphe
inkemba esiswini sayo, futhi
kwaphuma nendle. **23** U-Ehu-
di waphumela ngaphandle,*
wayesevala iminyango yekame-
lo elisophahleni, wayihluthule-
la. **24** Ngemva kokuba eseha-
mbile, izinceku zabuya zatho-
la ukuthi iminyango yekame-
lo elisophahleni ihluthulelwe.
Ngakho zathi: "Kumele ukuba
inkosi iyazikhulula* ekamelwe-
ni elipholile elingaphakathi."
**25** Zaqhubeka zilindile zaze
zaba namahloni, kodwa lapho
zibona ukuthi yayilokhu ingayi-
vuli iminyango yekamelo eliso-
phahleni, zathatha isihluthule-
lo zayivula, zathola inkosi yazo
idindilizile ifile!

**26** U-Ehudi wabaleka nge-
sikhathi zisabambezelekile,
wadlula ngasezithombeni ezi-
baziwe*[a] waze wayofika eSe-
yira. **27** Lapho efika, washa-
ya uphondo[b] ezintabeni za-
kwa-Efrayimi;[c] ama-Israyeli ehla

ISAHL. 3
a Hlu 2:19
b Gen 19:36, 37
c Gen 19:36, 38; Hlu 11:4, 5
d Eks 17:8; Hlu 6:3
e Dut 34:3
f Dut 28:48
g Hu 78:34
h Hlu 3:9
i Hlu 4:1
j Gen 49:27
k Hlu 20:15, 16
l Jos 4:19; Jos 5:8, 9

Uhla 2
a Hlu 3:19
b Hlu 6:34; 1Sa 13:3
c Hlu 7:24

**3:10** *NgesiHebheru, "yase-Aramu." **3:11** *Noma, "laphumula." **3:16** *Mhlawumbe ingalo emfushane engaba ngu-38 cm. Bheka iSithasiselo B14. **3:19** *Noma kungaba, "enkwalini."

**3:20** *Noma, "esitulweni." **3:23** *Noma kungaba, "waphuma ngembobo enkulu okungena kuyo umoya." **3:24** *NgesiHebheru, "yemboze izinyawo zayo." **3:26** *Noma kungaba, "ngasenkwalini."

ezintabeni, amlandela. **28** Wa-
thi kuwo: “Ngilandeleni, ngo-
ba uJehova unikele izitha
zenu, abakwaMowabi, esandleni
senu.” Ngakho amlandela afike
avimba emazibukweni* aseJor-
dani ukuze abakwaMowabi ba-
ngaweli. **29** Ngaleso sikhathi
abulala abakwaMowabi abanga-
ba ngu-10 000,[a] bonke bengama-
doda anamandla, angamaqha-
we; akekho noyedwa owaphu-
nyuka.[b] **30** Ngakho ama-Isra-
yeli abanqoba abakwaMowabi
ngalolo suku; izwe laba noku-
thula* iminyaka engu-80.[c]

**31** Ngemva kuka-Ehudi kwa-
landela uShamgari[d] indoda-
na ka-Anati, owabulala amaFili-
sti angu-600[e] ngobhoko;*[f] naye
wamsindisa u-Israyeli.

**4** Ngemva kokufa kuka-Ehudi
ama-Israyeli aphinde enza
okubi emehlweni kaJehova.[g]
**2** Ngakho uJehova wawanikela
esandleni sikaJabini inkosi ya-
seKhanani,[h] owayebusa eHazo-
ri. Induna yebutho lakhe kwa-
kunguSisera, owayehlala eHa-
rosheti[i] labezizwe.* **3** Ama-
Israyeli akhala kuJehova,[j] ngo-
ba uJabini* wayenezinqola ze-
mpi ezingu-900 ezinamasike-
la amakhulu ensimbi,#[k] fu-
thi kwase kuyiminyaka engu-
20 ewaphethe ngonya ama-Isra-
yeli.[l]

**4** Ngaleso sikhathi uDebo-
ra, umprofethikazi,[m] umka-
Lapidoti, wayahlulela u-Israye-
li. **5** Wayevame ukuhlala nga-
phansi kwesihlahla sesundu
sikaDebora phakathi kweRa-
ma[n] neBhethele[o] ezintabeni za-
kwa-Efrayimi; ama-Israyeli aye-
khuphukela kuye ukuze ezwe
ngezahlulelo zikaNkulunkulu.
**6** Wabiza uBharaki[a] indodana
ka-Abhinowamu waseKedeshi-
nafetali[b] wathi kuye: “UJehova
uNkulunkulu ka-Israyeli ukuni-
keze lo myalo: ‘Hamba uye*
eNtabeni iThabori, uthathe
amadoda angu-10 000 esizweni
sakwaNafetali nasesizweni sa-
kwaZebhuloni. **7** Ngizoletha
kuwe uSisera induna yebutho
likaJabini nezinqola zakhe ze-
mpi nebutho lakhe emfudlane-
ni* waseKishoni,[c] ngizomnikela
esandleni sakho.’ ”[d]

**8** UBharaki wamphendula
wathi: “Uma uzohamba nami,
ngizoya, kodwa uma unge-
ke uhambe nami, ngeke ngiye.”
**9** UDebora wathi: “Nakanjani
ngizohamba nawe. Noma ku-
njalo, udumo ngeke luze kuwe
kulolu hambo, ngoba uJehova
uzonikela uSisera[e] esandleni
sowesifazane.” Ngemva kwalo-
kho, uDebora wasukuma waha-
mba noBharaki baya eKedeshi.[f]
**10** UBharaki wabizela uZebhu-
loni noNafetali[g] eKedeshi, wa-
landelwa amadoda angu-10 000.
UDebora naye wenyuka kanye
naye.

**11** Manje uHebhere umKhe-
ni wayezihlukanisile namaKhe-
ni,[h] inzalo kaHobabi, um-
khwe kaMose,[i] wayegxumeke
itende lakhe eduze kwesihlahla
esikhulu eZahananimu, eseKe-
deshi.

**12** Kwabikwa kuSisera uku-
thi uBharaki indodana ka-Abhi-
nowamu wayenyukele eNtabe-
ni iThabori.[j] **13** Khona manja-
lo uSisera wabutha zonke izi-
nqola zakhe zempi—izinqola
ezingu-900 ezinamasikela ama-
khulu ensimbi*—nawo wonke

**ISAHL. 3**
a Dut 28:7
b Lev 26:7, 8
c Hlu 3:11
d Hlu 5:6
e Jos 13:1, 2
f Hlu 15:3, 15; 1Sa 17:47, 50

**ISAHL. 4**
g Hlu 2:19
h Hlu 2:14; Hlu 3:8; Hlu 10:7
i Hlu 4:16
j Hlu 2:18; Hlu 3:9; Hu 107:19
k Jos 17:16; Hlu 1:19
l Dut 28:48
m Eks 15:20; 2Kh 22:14; Luk 2:36; IzE 21:8, 9
n Jos 18:21, 25
o Gen 28:17, 19

**Uhla 2**
a Heb 11:32
b Jos 21:32
c 1Kh 18:40; Hu 83:9
d Dut 20:1
e Hlu 4:21, 22; Hlu 5:24, 26
f Jos 20:7, 9; Jos 21:32
g Hlu 5:18
h Num 24:21; Hlu 1:16; 1Sa 15:6
i Num 10:29
j Hlu 4:6

**3:28** *Indawo lapho kuwelwa khona emfuleni. **3:30** *Noma, “laphumula.” **3:31** *Induku ende ecijile. **4:2** *Noma, “eHaroshetihagoyimi.” **4:3** *NgesiHebheru, “yena.” #NgesiHebheru, “wayenezinqola zensimbi ezingu-900.”

**4:6** *Noma, “Misa ibutho lakho.” **4:7** *Noma, “emhosheni.” **4:13** *NgesiHebheru, “izinqola zensimbi ezingu-900.”

amabutho ayekanye naye basu-
ka eHarosheti labezizwe
baya emfudlaneni* waseKisho-
ni.[a] **14** UDebora wathi kuBha-
raki: “Sukuma, ngoba lolu
usuku uJehova azonikela nga-
lo uSisera esandleni sakho.
Nakanjani uJehova uzohamba
phambi kwakho.” UBharaki
wehla esuka eNtabeni iTha-
bori elandelwa amadoda angu-
10 000. **15** UJehova waphitha-
nisa[b] uSisera nazo zonke izi-
nqola zakhe zempi kanye ne-
butho lakhe phambi kukaBha-
raki. Ekugcineni uSisera wehla
enqoleni yakhe wabaleka nge-
zinyawo. **16** UBharaki wajaha
izinqola zempi nebutho lazo
kwaze kwaba seHarosheti labe-
zizwe. Lonke ibutho likaSisera
labulawa ngenkemba; akusala-
nga ngisho noyedwa.[c]

**17** Kodwa uSisera wabale-
ka ngezinyawo waya etendeni
likaJayeli[d] umkaHebhere[e] um-
Kheni, ngoba kwakunokuthu-
la phakathi kukaJabini[f] inko-
si yaseHazori nendlu kaHebhe-
re umKheni. **18** UJayeli wa-
phuma wahlangabeza uSise-
ra, wathi kuye: “Woza nko-
si yami, ngena. Ungesabi.” Nga-
kho wangena etendeni lakhe,
wamembesa ngengubo yokula-
la. **19** Ngemva kwalokho uSi-
sera wathi: “Ngicela ungiphe
amanzi okuphuza, ngoba ngo-
mile.” Ngakho wavula isigubhu
sesikhumba esinobisi wamphu-
zisa,[g] okwathi ngemva kwalo-
kho waphinde wamembesa.
**20** USisera wathi kuye: “Yima
ngasemnyango wetende, uma
kukhona ofikayo ekubuza uku-
thi, ‘Ukhona yini umuntu ola-
pha?’ ubothi, ‘Cha!’ ”

**21** Kodwa uJayeli umkaHe-
bhere wathatha isikhonkwane
setende nesando. Kwathi lapho
esazumekile futhi ekhathele,
waya kuye ngokunyenya wabe-
thela isikhonkwane ezinhlafu-
nweni zakhe saze saphumela
emhlabathini, wafa.[a]

**22** Kwaqhamuka uBharaki
ejaha uSisera. UJayeli waphu-
ma wamhlangabeza wathi
kuye: “Woza ngizokubonisa
umuntu omfunayo.” Wangena
naye wathola uSisera efile, isi-
khonkwane sisezinhlafunweni
zakhe.

**23** Ngakho ngalolo suku,
uNkulunkulu wawasiza ama-
Israyeli ukuba amnqobe uJa-
bini inkosi yaseKhanani.[b]
**24** Isandla sama-Israyeli sasi-
lokhu siba namandla phezu ku-
kaJabini inkosi yaseKhanani,[c]
kwaze kwaba yilapho esemqo-
thulile uJabini inkosi yaseKha-
nani.[d]

**5** Ngalolo suku uDebora[e] ka-
nye noBharaki[f] indodana
ka-Abhinowamu bahlabelela le
ngoma:[g]

**2** “Ngenxa yezinwele ezinga-
boshiwe* kwa-Israyeli,
Ngenxa yokuzinikela kwa-
bantu ngokuzithandela,[h]
Dumisani uJehova!
**3** Lalelani, nina makhosi! Be-
kani indlebe, nina babusi!
Ngizomhlabelelela
uJehova.
Ngizomhubela izindumiso*
uJehova,[i] uNkulunkulu
ka-Israyeli.[j]
**4** Jehova, lapho uphuma
eSeyiri,[k]
Lapho uphuma endaweni
yakwa-Edomi,
Umhlaba wazamazama, na-
mazulu ehlisa imvula,
Amafu ehlisa amanzi.

ISAHL. 4
a Hlu 5:20, 21
b Eks 14:24; Jos 10:10
c Lev 26:7
d Hlu 5:24
e Hlu 4:11
f Hlu 4:1, 2
g Hlu 5:25

Uhla 2
a Hlu 4:9; Hlu 5:26, 27
b Heb 11:32, 33
c Gen 9:25
d Dut 7:24

ISAHL. 5
e Hlu 4:4
f Hlu 4:6; Heb 11:32
g Eks 15:1; Hu 18:0
h Hlu 4:10
i 2Sa 22:50; Hu 7:17
j Eks 20:2
k Dut 33:2

**4:13** *Noma, “emhosheni.”

**5:2** *Noma, “Ngenxa yamabutho anezinwele ezingaboshiwe.” **5:3** *Noma, “Ngizomculela.”

5 Izintaba zancibilika* phambi kobuso bukaJehova,[a]
Ngisho neSinayi phambi kobuso bukaJehova,[b] uNkulunkulu ka-Israyeli.[c]
6 Ezinsukwini zikaShamgari[d] indodana ka-Anati,
Ezinsukwini zikaJayeli,[e] imigwaqo emikhulu yayingasetshenziswa;
Abahambayo babehamba ngezindlela ezincane.
7 Abahlala emaphandleni kwa-Israyeli babengasekho;*
Babengasekho kwaze kwaba yilapho mina Debora,[f] ngisukuma,
Kwaze kwaba yilapho ngisukuma njengomama kwa-Israyeli.[g]
8 Bakhetha onkulunkulu abasha;[h]
Kwase kuba nempi emasangweni.[i]
Ihawu lalingabonwa, ngisho nomkhonto imbala,
Phakathi kwabangu-40 000 kwa-Israyeli.
9 Inhliziyo yami ikanye nabakhuzi bebutho lakwa-Israyeli,[j]
Abahamba nabantu ngokuzithandela.[k]
Dumisani uJehova!
10 Nina bagibeli bezimbongolo ezimpofu,
Nina enihlala kokhaphethi abahle,
Nani enihamba emgwaqweni,
Cabangani ngalokhu!
11 Amazwi alabo abakhelela imfuyo amanzi ezwakala ezindaweni okukhiwa kuzo amanzi;
Babexoxa lapho ngezenzo ezilungile zikaJehova,
Izenzo ezilungile zabantu abahlala emaphandleni akwa-Israyeli.
Khona-ke abantu bakaJehova behlela emasangweni.
12 Vuka, vuka, Debora![a]
Vuka, vuka, hlabelela ingoma![b]
Sukuma, Bharaki![c] Hola izithunjwa zakho uhambe nazo, wena ndodana ka-Abhinowamu!
13 Labo ababesindile behla beza ezikhulwini;
Abantu bakaJehova behlela kimi bezokulwa nabanamandla.
14 Babedabuka kwa-Efrayimi, labo abasesigodini;*
Bayakulandela, Bhenjamini, phakathi kwabantu bakini.
Abakhuzi bebutho behla bevela kwaMakiri,[d]
NakwaZebhuloni kweza labo ababeqoqa abaya empini.#
15 Izikhulu zakwa-Isakare zazikanye noDebora,
Njengoba ayenjalo u-Isakare, wayenjalo noBharaki.[e]
Wathunywa ethafeni elisesigodini ehamba ngezinyawo.[f]
Izinhliziyo zazihlolisiswa phakathi kwesizwe sakwaRubeni.
16 Wawuhlaleleni phakathi kwezikhwama ezimbili zesihlalo sehhashi,
Ubalalele bedlalela imihlambi yabo imitshingo?[g]
Izinhliziyo zazihlolisiswa phakathi kwesizwe sakwaRubeni.

5:5 *Noma kungaba, "zazamazama."
5:7 *Noma, "baphela."
5:14 *Noma, "abasethafeni." #Noma kungaba, "labo ababephatha amathuluzi kanobhala."

ISAHL. 5
a Dut 4:11
b Eks 19:18 Neh 9:13
c Eks 20:2
d Hlu 3:31
e Hlu 4:17
f Hlu 4:4
g Hlu 4:5
h Dut 32:16, 17 Hlu 2:12
i Hlu 4:1-3
j Hlu 4:6
k Hlu 4:10

Uhla 2
a Hlu 4:4
b Hlu 5:1
c Hlu 4:6
d Num 32:39
e Hlu 4:6 Heb 11:32
f Hlu 4:14
g Num 32:1

17 UGileyadi waqhubeka engaphesheya kweJordani;[a]
UDani yena, kungani ayehleli emikhunjini?[b]
U-Asheri wazihlalela nje ogwini lolwandle,
Waqhubeka ehlezi emathekwini akhe.*[c]
18 UZebhuloni wayeyisizwe esibeka ukuphila kwaso engozini;*
NoNafetali,[d] emagqumeni.[e]
19 Amakhosi afika, alwa;
Amakhosi aseKhanani alwa[f]
EThahanaki, ngasemachibini aseMegido.[g]
Awathathanga mpango yesiliva.[h]
20 Izinkanyezi zalwa zisezulwini;
Zalwa noSisera zisemizileni yazo.
21 Umfudlana* waseKishoni wabakhukhula,[i]
Umfudlana* wasendulo, umfudlana* waseKishoni.
Wanyathela abanamandla, mphefumulo[#] wami.
22 Izinselo zamahhashi zagabavula
Njengoba izinkunzi zakhe zamahhashi zigabavula ngamandla.[j]
23 'Liqalekiseni iMerozi,' kusho ingelosi kaJehova,
'Baqalekiseni impela abahlala kulo,
Ngoba abazange bamsize uJehova,
Abazange bamsize uJehova kanye nabanamandla.'
24 Ubusiswe ukubedlula bonke abesifazane uJayeli[k]
UmkaHebhere[l] umKheni;
Ubusiswe ukubedlula bonke abesifazane abahlala ematendeni.
25 Wacela amanzi; wamnika ubisi.
Ngesitsha esikhulu sedili waletha amasi.*[a]
26 Welula isandla sakhe wathatha isikhonkwane setende,
Ngesandla sakhe sokudla wathatha isando sokhuni.
Wambethela uSisera, wamphihliza ikhanda,
Wazifahlaza, waziqhekeza izinhlafuno zakhe.[b]
27 Wawela phakathi kwezinyawo zakhe; wafumbeka phansi, wadindiliza;
Wawela phakathi kwezinyawo zakhe, wafumbeka phansi;
Lapho awela khona, wafela khona.
28 Owesifazane walunguza efasiteleni,
Unina kaSisera walunguza efasiteleni,
'Kungani inqola yakhe ingakabuyi namanje?
Kungani ngingakakawuzwa umsindo wezinqola zamahhashi akhe?'[c]
29 Abahlakaniphile emakhosazaneni akhe babemphendula;
Yebo, naye wayesho ethi,
30 'Kumele ukuba bahlukanisa impango abayitholile,
Intombazane,* amantombazane[#] amabili, kulelo nalelo qhawe,
Impango yengubo edayiwe kaSisera, impango yengubo edayiwe,

ISAHL. 5
a Jos 22:9
b Jos 19:46, 48
c Jos 19:24, 29
d Hlu 4:6, 10
e Hlu 4:14
f Hlu 4:13
g Hlu 1:27
h Hlu 4:16
i Hlu 4:7, 13 Hu 83:9
j Hu 20:7 IzA 21:31
k Hlu 4:17
l Hlu 4:11

Uhla 2
a Hlu 4:19
b Hlu 4:21, 22
c Hlu 4:15, 16

5:17 *Noma, "ezikhumulweni zakhe zemikhumbi." 5:18 *Noma, "esidelela umphefumulo waso." 5:21 *Noma, "umfula." #Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

5:25 *Noma, "ukhrimu." 5:30 *NgesiHebheru, "isibeletho." #NgesiHebheru, "izibeletho."

Ingubo ehlotshisiwe, ingu-
bo edayiwe, izingubo ezi-
mbili ezihlotshisiwe
Zezintamo zabaphanga
impango.’
31 Mazishabalale kanjalo
zonke izitha zakho,[a]
Jehova,
Kodwa abakuthandayo
mababe njengelanga li-
phuma ngokukhazimula
kwalo.”

Izwe laba nokuthula* iminya-
ka engu-40.[b]

6 Kodwa ama-Israyeli aphi-
nde enza okubi emehlwe-
ni kaJehova,[c] ngakho uJeho-
va wawanikela esandleni sa-
bakwaMidiyani iminyaka eyisi-
khombisa.[d] 2 AbakwaMidiya-
ni bawacindezela ama-Israyeli.[e]
Ngenxa yabakwaMidiyani ama-
Israyeli azenzela izindawo zo-
kucasha* ezintabeni, emihu-
meni nasezindaweni okunzi-
ma ukufika kuzo.[f] 3 Kwaku-
thi lapho ama-Israyeli ehlwa-
nyela imbewu, abakwaMidiyani
nama-Amaleki[g] nabaseMpuma-
langa[h] bawahlasele. 4 Babe-
wahlasela bacekele phansi isi-
vuno sawo yonke indawo kuze
kuyofika eGaza, babengawashi-
yeli lutho azoludla ama-Isra-
yeli, babengashiyi mvu nanko-
mo nambongolo.[i] 5 Ngoba ba-
bekhuphuka nemfuyo yabo na-
matende abo bebaningi nje-
ngesikhonyane,[j] bengenakuba-
lwa bona namakamela abo,[k] ba-
befika ezweni ukuze baliqothu-
le. 6 Ngakho ama-Israyeli aba
mpofu kakhulu ngenxa yaba-
kwaMidiyani; ama-Israyeli ace-
la usizo kuJehova.[l]

7 Lapho ama-Israyeli ecela
usizo kuJehova ngenxa yaba-
kwaMidiyani,[a] 8 uJehova wa-
thumela umprofethi kuma-Isra-
yeli owathi kuwo: “Yilokhu
uJehova uNkulunkulu ka-Isra-
yeli akushoyo, ‘Nganikhuphula
eGibhithe, ngaleyo ndlela nga-
nikhipha endlini yobugqila.[b]
9 Nganikhulula esandleni sa-
seGibhithe nakubo bonke aba-
benicindezela, ngabaxosha
phambi kwenu nganinika izwe
labo.[c] 10 Ngaphezu kwalo-
kho, ngathi kini: “NginguJeho-
va uNkulunkulu wenu.[d] Ninga-
bakhonzi onkulunkulu bama-
Amori enihlala ezweni lawo.”[e]
Kodwa anizange ningila-
lele.’ ”*[f]

11 Kamuva ingelosi kaJeho-
va yafika[g] yahlala ngapha-
nsi kwesihlahla esikhulu esa-
sise-Ofira, esasingesikaJowa-
shi umAbhi-ezeri.[h] UGideyo-
ni[i] indodana yakhe wayebhula
ukolweni esikhamweni sewayi-
ni ukuze awufihle kwabakwa-
Midiyani. 12 Ingelosi kaJeho-
va yabonakala kuye yathi:
“UJehova unawe,[j] wena qha-
we elinamandla.” 13 UGide-
yoni wathi kuyo: “Uxolo, nkosi
yami, uma uJehova enathi, pho
kungani sehlelwe yikho konke
lokhu?[k] Ziphi zonke izenzo za-
khe ezimangalisayo obaba aba-
sixoxela ngazo,[l] bethi, ‘UJeho-
va wasikhuphula eGibhithe?’[m]
Manje uJehova usesilahlile,[n]
wasinikela esandleni sabakwa-
Midiyani.” 14 UJehova wam-
bheka wathi kuye: “Ngala ma-
ndla onawo, hamba, uzomsi-
ndisa u-Israyeli esandleni saba-
kwaMidiyani,[o] ngoba ngiyaku-
thuma.” 15 UGideyoni wathi:
“Uxolo, Jehova. Ngingamsindi-
sa kanjani u-Israyeli? Umndeni
wakithi* mncane kunayo yonke

ISAHL. 5
a Hu 83:9
b Hlu 3:10, 11; Hlu 3:30

ISAHL. 6
c Hlu 2:19
d Dut 28:15, 48; Hlu 2:14; Neh 9:28
e Num 33:55
f 1Sa 13:5, 6
g Hlu 3:13
h Hlu 8:10
i Dut 28:15, 33; Dut 28:31, 48
j Hlu 8:10
k Hlu 7:12
l Dut 4:30

Uhla 2
a Hlu 2:18; Hu 107:19
b Eks 20:2; Lev 26:13; Hlu 2:1
c Jos 10:42; Neh 9:24
d Dut 6:4
e Jos 24:15
f Dut 28:15; Hlu 2:2; Jer 3:13
g Hlu 2:1
h Jos 17:2; Hlu 6:24; Hlu 8:32
i Gen 49:22, 24; Heb 11:32
j Hlu 2:18
k Hlu 6:2
l Dut 4:9; Hu 44:1
m Eks 13:14
n Dut 31:17; 2Kr 15:2
o Hlu 8:22; Heb 11:32

**5:31** *Noma, “laphumula.” **6:2** *Noma kungaba, “izinqolobane ezingaphansi komhlaba.”

**6:10** *NgesiHebheru, “nililalele izwi lami.” **6:15** *NgesiHebheru, “inkulungwane yakithi.”

kwaManase, futhi mina angi-
lutho endlini kababa.” **16** Ko-
dwa uJehova wathi kuye: “Nge-
nxa yokuthi ngizoba nawe,[a]
uzobulala abakwaMidiyani nje-
ngokungathi bangumuntu oye-
dwa.”

**17** UGideyoni wathi: “Uma
ngempela ngithole umusa eme-
hlweni akho, nginike isibona-
kaliso sokuthi nguwe okhulu-
ma nami. **18** Ngicela unga-
suki lapha ngize ngibuye ne-
sipho sami, ngisibeke pha-
mbi kwakho.”[b] Ngakho wathi:
“Ngizokulinda lapha uze ubu-
ye.” **19** UGideyoni wahamba
wahlaba imbuzi esencane we-
nza nesinkwa esingenamvube-
lo nge-efa* likafulawa.[c] Wafa-
ka inyama kubhasikidi nomhlu-
zi ebhodweni lokupheka; nge-
mva kwalokho wakuletha kuye
wakuphaka ngaphansi kwesi-
hlahla esikhulu.

**20** Ingelosi kaNkulunkulu
weqiniso manje yathi kuye:
“Thatha inyama nesinkwa esi-
ngenamvubelo ukubeke kule-
liya dwala, uthulule umhlu-
zi.” Wenza kanjalo. **21** Ingelo-
si kaJehova yelula isihloko se-
nduku eyayiyiphethe yathi-
nta inyama nesinkwa esinge-
namvubelo, kwagqamuka umli-
lo edwaleni wadla inyama nesi-
nkwa esingenamvubelo.[d] Nge-
mva kwalokho ingelosi kaJeho-
va yanyamalala akazange esa-
yibona. **22** UGideyoni wabo-
na ukuthi bekuyingelosi kaJe-
hova.[e]

Ngaso leso sikhathi uGideyo-
ni wathi: “Maye, Nkosi Engu-
Mbusi Jehova, ngoba ngibone
ingelosi yakho Jehova ubu-
so nobuso!”[f] **23** Kodwa uJeho-
va wathi kuye: “Yiba nokuthula.
Ungesabi;[a] ngeke ufe.” **24** Nga-
kho uGideyoni wakhela uJehova
i-altare lapho, libizwa ngokuthi
iJehova-shalomu*[b] kuze kube
namuhla. Namanje lisekhona
e-Ofira lama-Abhi-ezeri.

**25** Ngalobo busuku uJeho-
va wathi kuye: “Thatha inku-
nzi esencane kayihlo, okungu-
kuthi, inkunzi yesibili ene-
minyaka eyisikhombisa, udi-
lize i-altare likaBhali okunge-
likayihlo, ugawule nesigxobo
esingcwele* esiseduze kwa-
lo.[c] **26** Ngemva kokwakhela
uJehova uNkulunkulu wakho
i-altare phezu kwalesi siphe-
phelo ngamatshe abekwe ngo-
kulandelana, thatha leyo nku-
nzi esencane yesibili uyinike-
le ibe umnikelo oshiswayo phe-
zu kwezinkuni zesigxobo esi-
ngcwele* ozobe usigawulile.”
**27** Ngakho uGideyoni watha-
tha amadoda ayishumi ezince-
kwini zakhe, wenza njengoba
nje uJehova ayeshilo. Kodwa
wayeyisaba kakhulu indlu ka-
yise namadoda edolobha uku-
ba akwenze emini, ngakho wa-
kwenza ebusuku.

**28** Lapho amadoda edolo-
bha evuka ekuseni ngosuku
olulandelayo, abona ukuthi
i-altare likaBhali lalidiliziwe
nesigxobo esingcwele* esasise-
duze kwalo sasigawuliwe, no-
kuthi kwakunikelwe ngenku-
nzi esencane e-altare elalakhi-
we. **29** Babuzana bethi: “Ngu-
bani owenze le nto?” Nge-
mva kokwenza uphenyo, ba-
thi: “UGideyoni indodana ka-
Jowashi nguye owenze le nto.”
**30** Ngakho amadoda edolo-
bha athi kuJowashi: “Khi-
pha indodana yakho ukuze
ife, ngoba idilize i-altare

ISAHL. 6
*a* Dut 20:3, 4; Hlu 2:18
*b* Gen 18:3, 5; Hlu 13:15
*c* Gen 18:6, 7; Gen 19:1, 3
*d* Lev 9:24; Hlu 13:19, 20; 1Kh 18:38; 1Kr 21:26; 2Kr 7:1
*e* Hlu 13:8, 9; Heb 13:2
*f* Gen 16:7, 13; Gen 32:24, 30; Hlu 13:21, 22; Luk 1:11, 12

Uhla 2
*a* Dan 10:19
*b* Gen 22:14; Eks 17:15
*c* Eks 23:24; Dut 12:3

**6:19** * Cishe ngu-22 L. Bheka iSithasiselo B14.

**6:24** * Incazelo: “UJehova Ungukuthula.”
**6:25, 26, 28** * Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

likaBhali, yagawula nesigxobo
esingcwele* ebesiseduze kwa-
lo.” **31** UJowashi[a] wathi kubo
bonke labo ababeze kuye:
“Ingabe kufanele nilwele uBha-
li? Ingabe kufanele nimsindi-
se? Noma ngubani omlwela-
yo kufanele abulawe khona
manje ekuseni.[b] Uma engu-
nkulunkulu makazilwele[c] ngo-
ba kukhona odilize i-altare la-
khe.” **32** Ngalolo suku wabiza
uGideyoni ngokuthi uJerubha-
li,* ethi: “UBhali makazilwele,
ngoba kukhona odilize i-altare
lakhe.”

**33** Bonke abakwaMidiyani[d]
nama-Amaleki[e] nabaseMpuma-
langa bakha umfelandawonye;[f]
bawelela* eSigodini# SaseJi-
zreyeli bafike bamisa amate-
nde. **34** Umoya kaJehova
wehlela* kuGideyoni,[g] washa-
ya uphondo,[h] ama-Abhi-ezeri[i]
amlandela. **35** Wathumela izi-
thunywa kulo lonke elakwaMa-
nase, nabo bamlandela. Waphi-
nde wathumela izithunywa
kwa-Asheri, kwaZebhuloni na-
kwaNafetali, bakhuphuka baya
kuye.

**36** UGideyoni wayesethi ku-
Nkulunkulu weqiniso: “Uma
uzomsindisa ngami u-Israye-
li, njengoba nje uthembisi-
le,[j] **37** ngizobeka uboya be-
mvu esibuyeni. Uma kuba na-
mazolo oboyeni kuphela ko-
dwa umhlabathi ube womile,
ngizokwazi ukuthi uzomsindisa
ngami u-Israyeli, njengoba nje
uthembisile.” **38** Kwenzeka
kanjalo. Lapho evuka ekuse-
ni ngosuku olulandelayo ekha-
ma uboya, kwaphuma amazo-
lo angagcwala isitsha esikhu-
lu samanzi. **39** Nokho, uGide-
yoni wathi kuNkulunkulu weqi-
niso: “Intukuthelo yakho mayi-
ngangivutheli, kodwa ngivume-
le ngiphinde ngicele kanye nje.
Ngicela ungivumele ukuba ngi-
phinde ngenze isivivinyo esiso-
dwa nje kuphela ngoboya. Ngi-
cela kome uboya kuphela, kuyi-
lapho wonke umhlabathi una-
mazolo.” **40** Ngakho yilokho
uNkulunkulu akwenza ngalobo
busuku; koma uboya kuphela,
kwathi emhlabathini kwaba na-
mazolo.

**7** Khona-ke uJerubhali, oku-
ngukuthi, uGideyoni,[a] nabo
bonke abantu ababekanye
naye, bavuka ekuseni bafi-
ke bahlala ngaseSiphethwi-
ni SaseHarodi, kuyilapho ika-
mu lakwaMidiyani lingasenya-
katho egqumeni laseMore, eli-
sethafeni.* **2** UJehova waye-
sethi kuGideyoni: “Abantu aba-
nawe baningi kakhulu uku-
ba nginikele uMidiyani esa-
ndleni sabo.[b] U-Israyeli anga-
se azigabise bese ethi kimi,
‘Yisandla sami esingisindisi-
le.’[c] **3** Manje, ngicela umeme-
zele kubantu, uthi: ‘Noma ngu-
bani owesabayo nothuthumela-
yo, angabuyela ekhaya.’ ”[d] Nga-
kho uGideyoni wababuyinya.
Ngenxa yalokho abantu aba-
ngu-22 000 babuyela emakhaya,
kwasala abangu-10 000.

**4** Noma kunjalo uJehova
wathi kuGideyoni: “Abantu ba-
sebaningi kakhulu. Bayale uku-
ba behlele emanzini ukuze ngi-
kuvivinyele bona lapho. La-
pho ngithi kuwe, ‘Lona uzo-
hamba nawe,’ kufanele aha-
mbe nawe, kodwa lapho ngi-
thi kuwe, ‘Lona ngeke aha-
mbe nawe,’ akufanele aha-

**6:30** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **6:32** *Incazelo: “UBhali Makazilwele Ngokusemthethweni (Makazimele).” **6:33** *Noma, “bawela umfula baya.” #Noma, “eThafeni.” **6:34** *NgesiHebheru, “wembesa.”

**7:1** *Noma, “elisethafeni eliphansi.”

ISAHL. 6
a Hlu 6:11
b Dut 13:5, Dut 17:2-5
c 1Kh 18:26, 27, Hu 115:5, Jer 10:5
d Num 25:17, 18, Hlu 6:2
e Eks 17:16, Num 24:20, Dut 25:19
f Hlu 6:3, Hlu 7:12
g Hlu 3:9, 10, Hlu 11:29, Hlu 13:24, 25, Hlu 14:6, Hlu 15:14, Zak 4:6
h Hlu 3:26, 27
i Jos 17:2
j Hlu 6:14

Uhla 2

ISAHL. 7
a Hlu 6:11, 32
b 1Sa 14:6, 2Kr 14:11
c 1Sa 17:47
d Dut 20:8

mbe nawe.” **5** Ngakho watha-
tha abantu wehlela nabo ema-
nzini.

UJehova wayesethi kuGide-
yoni: “Hlukanisa bonke labo
abaphuza amanzi ngezandla
zabo kulabo abaguqayo fu-
thi bagobe ukuze baphuze.”*
**6** Labo ababephuza amanzi
ngezandla zabo babengu-300.
Bonke abanye babeguqa nga-
madolo ukuze baphuze.

**7** Manje uJehova wathi ku-
Gideyoni: “Ngizonisindisa nga-
la madoda angu-300 aphu-
ze amanzi ngesandla, ngizoni-
kela abakwaMidiyani esandleni
sakho.[a] Kodwa bonke abanye
abantu, mababuyele emakha-
ya.” **8** Ngakho ngemva koku-
thatha umphako nezimpondo
kubantu, wonke amanye ama-
doda akwa-Israyeli wawabuyi-
sela emakhaya, wasala nama-
doda angu-300 kuphela. Ika-
mu lakwaMidiyani lalingezansi
kwakhe ethafeni.[b]

**9** Ngalobo busuku uJeho-
va wathi kuye: “Sukuma uhla-
sele ikamu, ngoba ngilinike-
le esandleni sakho.[c] **10** Ko-
dwa uma wesaba ukuhlasela,
yehla noPhura isikhonzi sa-
kho niye ekamu. **11** Ufike ula-
lele lokho abazobe bekukhu-
luma, ngemva kwalokho uzo-
ba nesibindi* sokuhlasela ika-
mu.” Ngakho yena noPhura isi-
khonzi sakhe behlela ngaseku-
qaleni kwekamu.

**12** AbakwaMidiyani nama-
Amaleki nabo bonke aba-
seMpumalanga[d] babegcwele
ethafeni njengesikhonyane,
amakamela abo ayengenakuba-
lwa,[e] emaningi njengesihla-
bathi esisogwini lolwandle.

**7:5** *NgesiHebheru, “abaxhapha amanzi ngolimi, njengoba kwenza inja.” **7:11** *NgesiHebheru, “izandla zakho zizoba namandla.”

ISAHL. 7
*a* Hlu 7:2
*b* Hlu 6:33
*c* Hlu 3:9, 10
Hlu 4:14
*d* Hlu 6:33
*e* Hlu 6:3, 5

Uhla 2
*a* Hlu 6:16
*b* Hlu 6:14
*c* Hlu 7:7
*d* Hlu 7:11
*e* Hlu 7:8

**13** Lapho uGideyoni efika,
umuntu othile wayelandisa um-
ngani wakhe iphupho, ethi:
“Nali iphupho engiliphuphile.
Bekukhona isinkwa sebhali esi-
yindilinga sigingqikela ekamu
lakwaMidiyani. Sifike etendeni
salishaya lawa.[a] Silishaye ite-
nde labheka phezulu, lawa la-
fadalala.” **14** Umngani wakhe
waphendula wathi: “Phela lo-
khu kusho inkemba kaGideyo-
ni[b] indodana kaJowashi, umu-
ntu wakwa-Israyeli. UNkulu-
nkulu unikele uMidiyani nalo
lonke ikamu esandleni sa-
khe.”[c]

**15** Kwathi nje lapho uGide-
yoni ezwa ukulandiswa kwe-
phupho nencazelo yalo,[d] wagu-
qa phansi wakhuleka. Ngemva
kwalokho wabuyela ekamu la-
kwa-Israyeli wathi: “Sukumani,
ngoba uJehova unikele ikamu
lakwaMidiyani esandleni senu.”
**16** Wabe esehlukanisa amado-
da angu-300 aba amaviyo ama-
thathu, wonke wawanika izi-
mpondo[e] nezimbiza ezinkulu
ezingenalutho, wafaka izibani
phakathi ezimbizeni. **17** Wa-
thi kuwo: “Bukani mina bese
nenza njengoba nje ngenza. La-
pho sengifikile ngasekuqaleni
kwekamu, kufanele nenze nje-
ngoba nje ngenza. **18** Lapho
ngishaya uphondo, mina nabo
bonke abakanye nami, nani ku-
mele nishaye izimpondo nhla-
ngothi zonke zekamu, nimeme-
ze nithi, ‘EkaJehova nekaGide-
yoni!’ ”

**19** UGideyoni namadoda
angu-100 ayekanye naye ba-
fika ngasekuqaleni kwekamu
ngesikhathi sokuqala komli-
ndo waphakathi nobusuku,*

**7:19** *Cishe kusukela ngo-10:00 ebusuku kuya ku-2:00 entathakusa.

ngemva nje kokushintshana
kwabaqaphi. Bashaya izimpo-
ndo,[a] baphihliza izimbiza ezi-
nkulu zamanzi ababeziphethe.[b]
**20** Ngakho amaviyo amatha-
thu ashaya izimpondo, aphihli-
za izimbiza ezinkulu. Abamba
izibani ngesandla sobunxele,
ashaya izimpondo ayezibambe
ngesandla sokudla, ayeseme-
meza ethi: “Inkemba kaJeho-
va nekaGideyoni!” **21** Phaka-
thi naso sonke leso sikhathi
indoda nendoda yayimi enda-
weni yayo nhlangothi zonke ze-
kamu, lonke ikamu labaleka, li-
memeza njengoba libaleka.[c]
**22** La madoda angu-300 aqhu-
beka nokushaya izimpondo,
uJehova wabangela ukuba yi-
lowo nalowo kulo lonke ikamu
amelane nomunye;[d] ibutho la-
baleka laze layofika eBheti-shi-
tha, ladlulela eZerera, laze lafi-
ka emaphethelweni ase-Abela-
mehola[e] ngaseThabati.

**23** Amadoda akwa-Israyeli
abuthelwa ndawonye kusukela
kwaNafetali, kwa-Asheri naku-
lo lonke elakwaManase,[f] amja-
ha uMidiyani. **24** UGideyoni
wathumela izithunywa kuzo
zonke izintaba zakwa-Efrayi-
mi, ethi: “Yehlani niyohlase-
la uMidiyani, nivimbe ema-
zibukweni kuze kube seBhe-
ti-bhara naseJordani.” Ngakho
wonke amadoda akwa-Efrayi-
mi abuthana, avimba emazibu-
kweni kwaze kwaba seBheti-
bhara naseJordani. **25** Athu-
mba nezikhulu ezimbili zakwa-
Midiyani, u-Orebi noZebi; abu-
lala u-Orebi phezu kwedwala
lika-Orebi,[g] abulala noZebi esi-
khamweni sewayini sikaZebi.
Aqhubeka nokujaha uMidiya-
ni,[h] aletha ikhanda lika-Ore-
bi nelikaZebi kuGideyoni esifu-
ndeni saseJordani.

**8** Amadoda akwa-Efrayimi
athi kuGideyoni: “Yini le
osenze yona? Awusibizanga
ngani lapho uyolwa nabakwa-
Midiyani?”[a] Axabana naye kwa-
ba kubi.[b] **2** Kodwa wathi
kuwo: “Yini nje engiyenzile
uma ngiqhathaniswa nani? Ayi-
ngcono yini imikhothozo ya-
kwa-Efrayimi[c] kunesivuno sa-
magilebhisi sase-Abhi-ezeri?[d]
**3** UNkulunkulu uzinikele esa-
ndleni senu izikhulu zakwa-
Midiyani u-Orebi noZebi,[e] yini
engiyenzile uma ngiqhathani-
swa nani?” Lapho esho lokhu,*
behlisa umoya.#

**4** Ekugcineni uGideyoni wa-
fika eJordani, waliwela. Yena
namadoda angu-300 ayekanye
naye babekhathele, kodwa ba-
qhubeka nokubajaha. **5** Wa-
thi emadodeni aseSukoti: “Ngi-
cela niphe laba bantu abangila-
ndelayo izinkwa, ngoba bakha-
thele futhi ngijaha uZeba noZa-
lmuna, amakhosi akwaMidiya-
ni.” **6** Kodwa izikhulu zaseSu-
koti zathi: “Usubababambile yini
oZeba noZalmuna okwenza ku-
dingeke sinike ibutho lakho isi-
nkwa?” **7** UGideyoni waphe-
ndula wathi: “Ngoba nisho
kanjalo, lapho uJehova eni-
kela uZeba noZalmuna esa-
ndleni sami, ngizonibhaxabu-
la ngameva asehlane.”[f] **8** Wa-
suka lapho wenyukela ePhe-
nuweli wafike wacela into efa-
nayo, kodwa amadoda asePhe-
nuweli amnikeza impendulo
efana neyamadoda aseSukoti.
**9** Ngakho nasemadodeni ase-
Phenuweli wathi: “Lapho ngi-
buya ngokuthula, ngizowubhi-
dliza lo mbhoshongo.”[g]

**10** UZeba noZalmuna babe-
seKarkori kanye namabutho

---

**8:3** *NgesiHebheru, “leli zwi.” #NgesiHebheru, “umoya wabo wazola ekumelaneni naye.”

ISAHL. 7
a Hlu 7:8
b Hlu 7:16
c Eks 14:25; 2Kh 7:6, 7
d 2Kr 20:23
e 1Kh 19:16
f Hlu 6:35
g Hu 83:11; Isay 10:26
h Hlu 8:4

Uhla 2

ISAHL. 8
a Hlu 7:2
b Hlu 12:1; 2Kr 25:10
c Hlu 7:24
d Hlu 6:11, 34
e Hlu 7:24, 25
f Hlu 8:16
g Hlu 8:17

abo, amadoda angaba ngu-15 000. Yilawa kuphela ayesele kulo lonke ikamu labaseMpumalanga,[a] ngoba kwase kufe amadoda angu-120000 ayehlome ngezinkemba. **11** UGideyoni waqhubeka wenyuka ngendlela edlula ngakulabo abahlala ematendeni empumalanga yeNoba neJogibeha,[b] wahlasela ikamu lingalindele. **12** Lapho uZeba noZalmuna bebaleka, wawajaha wawabamba la makhosi amabili akwaMidiyani, uZeba noZalmuna, okwenza lonke ikamu lethuka kakhulu.

**13** UGideyoni indodana kaJowashi wabuya empini ngendlela enyukela eHeresi. **14** Endleleni wabamba insizwa ethile yaseSukoti wayiphenya ngemibuzo. Ngakho le nsizwa yambhalela amagama ezikhulu nawamadoda amadala aseSukoti, amadoda angu-77. **15** Ngemva kwalokho waya emadodeni aseSukoti wathi: "Naba oZeba noZalmuna ebeningiklolodela ngabo, nithi, 'Usubabambile yini oZeba noZalmuna okwenza kudingeke sinike ibutho lakho elikhathele isinkwa?' "[c] **16** Wathatha amadoda amadala alelo dolobha, wathatha nameva asehlane wawafundisa isifundo amadoda aseSukoti.[d] **17** Wabhidliza nombhoshongo wasePhenuweli,[e] wayesebulala amadoda akulelo dolobha.

**18** Wabuza uZeba noZalmuna wathi: "Ayebukeka kanjani amadoda enawabulala eThabori?" Bathi: "Ayenjengawe, ngayinye yayibukeka njengendodana yenkosi." **19** Wathi: "Kwakungabafowethu, amadodana kamama. Ngimfunge uJehova, ukube anibabulalanga, bekungeke kudingeke ukuba nginibulale." **20** Ngemva kwalokho wathi kuJetheri izibulo lakhe: "Sukuma ubabulale." Kodwa le nsizwa ayizange iyihoshe inkemba yayo; yayesaba ngoba yayisencane. **21** Ngakho uZeba noZalmuna bathi: "Sukuma wena usibulale, ngoba indoda ibonakala ngamandla ayo."* Ngakho uGideyoni wasukuma wababulala oZeba noZalmuna,[a] wayesethatha imihlobiso emise okwenyanga eyayisezintanyeni zamakamela abo.

**22** Kamuva amadoda akwa-Israyeli athi kuGideyoni: "Sibuse, wena nendodana yakho nomzukulu wakho, ngoba usisindisile esandleni sabakwaMidiyani."[b] **23** Kodwa uGideyoni wathi kuwo: "Mina ngeke nginibuse, nendodana yami ngeke inibuse. UJehova nguye ozonibusa."[c] **24** UGideyoni waqhubeka wathi kuwo: "Mangenze isicelo sibe sinye kini: sokuba ngamunye wenu anginike indandatho yasekhaleni empangweni yakhe." (Ngoba babenezindandatho zegolide zasekhaleni, ngoba babengabakwa-Ishmayeli.)[d] **25** Baphendula bathi: "Kulungile sizokunika." Ngakho bandlala ingubo, ngamunye waphonsa indandatho yasekhaleni ayikhiphe empangweni yakhe. **26** Isisindo sezindandatho zegolide zasekhaleni ayezicelile saba amashekeli* egolide angu-1 700, ingabalwa imihlobiso emise okwenyanga, imihlobiso efakwa emigexweni, izingubo zoboya eziphephuli ezazigqokwa amakhosi akwaMidiyani kanye nemigexo eyayisezintanyeni zamakamela.[e]

ISAHL. 8
a Hlu 7:12
b Num 32:34, 35
c Hlu 8:5, 6
d Hlu 8:7
e Hlu 8:8, 9

Uhla 2
a Hu 83:11
b Hlu 6:14
c Eks 15:18; 1Sa 10:19; Isay 33:22; Isay 43:15
d Gen 16:11; Gen 25:13; Gen 28:9; Gen 37:28
e Hlu 8:21

**8:21** *Noma, "Indoda ingangamandla ayo." **8:26** *Ishekeli lalingu-11,4 g. Bheka iSithasiselo B14.

**27** UGideyoni wabe esenza
i-efodi[a] wabukisa ngalo edolo-
bheni lakubo lase-Ofira;[b] wo-
nke ama-Israyeli alikhulekela*
lapho,[c] laba ugibe kuGideyoni
nasendlini yakhe.[d]
**28** AbakwaMidiyani[e] banqo-
tshwa kanjalo-ke phambi kwa-
ma-Israyeli, abazange baphi-
nde bazame ukulwa nawo;*
izwe laba nokuthula# iminyaka
engu-40 ezinsukwini zikaGide-
yoni.[f]
**29** UJerubhali[g] indodana ka-
Jowashi wabuyela emzini wa-
khe wayohlala khona.
**30** UGideyoni waba nama-
dodana angu-70,* ngoba wa-
yenabafazi abaningi. **31** Isa-
ncinza sakhe esasiseShekemi,
naso samzalela indodana, ayi-
qamba ngokuthi u-Abhimeleki.[h]
**32** Ekugcineni uGideyoni indo-
dana kaJowashi wafa esemda-
la, wangcwatshwa ethuneni li-
kaJowashi uyise e-Ofira lama-
Abhi-ezeri.[i]
**33** Ngemva nje kokufa kuka-
Gideyoni, ama-Israyeli aphi-
nde akhonza oBhali,*[j] ami-
sa uBhali-bheriti njengonkulu-
nkulu wawo.[k] **34** Ama-Israyeli
awazange amkhumbule uJeho-
va uNkulunkulu wawo,[l] owaye-
wakhulule esandleni sazo zo-
nke izitha zawo ezaziwazunge-
zile;[m] **35** awazange alubonise
uthando oluqotho emndenini
kaJerubhali, uGideyoni, nga-
kho konke okuhle ayekwenzele
u-Israyeli.[n]
**9** Ngemva kwesikhathi u-Abhi-
meleki[o] indodana kaJeru-
bhali waya komalume bakhe
eShekemi, wathi kubo nakuwo
wonke umndeni kamkhulu wa-
khe:* **2** "Ngicela nibuze bonke
abaholi* baseShekemi nithi, 'Yi-
kuphi okungcono kini, ukuba
nibuswe yiwo wonke amadoda-
na kaJerubhali angu-70,[a] noma
ukuba nibuswe umuntu oye-
dwa? Nikhumbule ukuthi mina
ngiyisihlobo senu segazi.'"#
**3** Ngakho omalume bakhe
badlulisela la mazwi kubo bo-
nke abaholi baseShekemi,
izinhliziyo zabo zathambeke-
la ekulandeleni u-Abhimeleki,
ngoba bathi: "Ungumfowethu
impela." **4** Ngemva kwalokho
bamnika izinhlamvu zesiliva
ezingu-70 ababezithathe endli-
ni* kaBhali-bheriti,[b] u-Abhime-
leki waqasha ngazo amadoda
angomahlalela nadelelayo uku-
ba ahambe naye. **5** Ngemva
kwalokho waya endlini kayise
e-Ofira[c] wabulala abafowabo,[d]
amadodana kaJerubhali, ama-
doda angu-70, etsheni elilodwa.
Kwasinda uJothamu kuphela,
indodana kaJerubhali encane,
ngoba wacasha.
**6** Kamuva bonke abaholi ba-
seShekemi nabo bonke abase-
Bhethimilo bahlangana babeka
u-Abhimeleki ukuba abe inko-
si,[e] eduze kwesihlahla esikhu-
lu, ngasensikeni eyayiseShe-
kemi.
**7** Lapho bebikela uJothamu
lokhu, ngaso leso sikhathi wa-
hamba wayokuma esiqongweni
seNtaba iGerizimu[f] wamemeza
wathi kubo: "Ngilaleleni nina
baholi baseShekemi, noNkulu-
nkulu uyobe esenilalela.
**8** "Kwakukhona izihlahla
ezahamba zayozigcobela inkosi.
Ngakho zathi esihlahleni som-

ISAHL. 8
a Eks 28:6; Hlu 17:5
b Hlu 6:11
c Hlu 2:17
d Hu 106:36
e Hlu 6:1
f Hlu 3:11; Hlu 5:31
g Hlu 6:32; 1Sa 12:11
h Hlu 9:1, 2; 2Sa 11:21
i Hlu 6:11, 24
j Hlu 2:17, 19; Hlu 10:6
k Hlu 9:4
l Hlu 3:7
m Hu 106:43
n Hlu 9:16-18

ISAHL. 9
o Hlu 8:30, 31

Uhla 2
a Hlu 8:30
b Hlu 8:33; Hlu 9:46
c Hlu 6:11; Hlu 8:27
d 2Kh 11:1; 2Kr 21:4
e Dut 17:14; 1Sa 8:7
f Dut 11:29; Jos 8:33; Joh 4:20

**8:27** *Noma, "afeba nalo ngokomoya" **8:28** *NgesiHebheru, "abazange bavuse amakhanda abo." #Noma, "laphumula." **8:30** *NgesiHebheru, "angu-70 aphuma ethangeni lakhe." **8:33** *Noma, "afeba ngokomoya noBhali."

**9:1** *NgesiHebheru, "umndeni wendlu kayise kanina." **9:2** *Noma kungaba, "abanikazi bezindawo." #Noma, "ngiyithambo lenu nenyama yenu." **9:4** *Noma, "ethempelini."

nqumo, ‘Yiba yinkosi yethu.’[a]
**9** Kodwa isihlahla somnqu-
mo sathi kuzo, ‘Ingabe kume-
le ngidele amafutha ami* oku-
khazinyuliswa ngawo uNkulu-
nkulu nabantu, ukuze ngibu-
se ezinye izihlahla?’# **10** Izihla-
hla zabe seziya esihlahleni som-
khiwane zathi: ‘Woza ube yi-
nkosi yethu.’ **11** Kodwa isihla-
hla somkhiwane sathi kuzo,
‘Ingabe kumele ngidele ubumna-
ndi bami nomkhiqizo wami omu-
hle, ukuze ngibuse ezinye izi-
hlahla?’# **12** Ngemva kwalokho
izihlahla zathi esihlahleni sama-
gilebhisi: ‘Woza ube yinkosi ye-
thu.’ **13** Isihlahla samagilebhi-
si saphendula sathi: ‘Ingabe ku-
mele ngidele iwayini lami eli-
sha elenza uNkulunkulu naba-
ntu bajabule, ukuze ngibuse ezi-
nye izihlahla?’# **14** Ekugcineni
zonke ezinye izihlahla zathi
esihlahleni samajikijolo: ‘Woza
ube yinkosi yethu.’[b] **15** Isihla-
hla samajikijolo sathi ezihla-
hleni: ‘Uma ngempela ningi-
gcoba njengenkosi yenu, woza-
ni nifune isiphephelo ngaphansi
komthunzi wami. Kodwa uma
kungenjalo, makuphume umli-
lo esihlahleni samajikijolo udle
imisedari yaseLebhanoni.’

**16** “Nenze ngobuqotho na-
ngenhlonipho yini ngokubeka
u-Abhimeleki ukuba abe yinko-
si,[c] futhi ingabe nenze oku-
hle kuJerubhali nasemnde-
nini wakhe? Ingabe nimphathe
ngendlela emfanele? **17** La-
pho ubaba enilwela,[d] wafa-
ka ukuphila kwakhe engozi-
ni ukuze anisindise esandle-
ni sabakwaMidiyani.[e] **18** Ko-
dwa namuhla nina niwuvu-
kele umndeni kababa, nabu-
lala amadodana akhe, amado-
da angu-70, etsheni elilodwa.[a]
Ngemva kwalokho nabeka
u-Abhimeleki, indodana yesi-
gqilakazi sakhe,[b] ukuba abe yi-
nkosi phezu kwabaholi ba-
seShekemi ngoba nje engu-
mfowenu. **19** Uma kuwukuthi
ngempela nimphathe ngobuqo-
tho nangenhlonipho uJerubha-
li nomndeni wakhe namuhla,
jabulani ngo-Abhimeleki, naye
makajabule ngani. **20** Kodwa
uma kungenjalo, makuphume
umlilo ku-Abhimeleki udle aba-
holi baseShekemi naseBhethi-
milo,[c] makuphume umlilo na-
kubaholi baseShekemi nase-
Bhethimilo udle u-Abhimele-
ki.”[d]

**21** Ngemva kwalokho uJo-
thamu[e] wabalekela eBheri, wa-
hlala khona ngenxa ka-Abhi-
meleki umfowabo.

**22** U-Abhimeleki wabusa*
kwa-Israyeli iminyaka emitha-
thu. **23** UNkulunkulu wavume-
la ukuba kube nobutha* pha-
kathi kuka-Abhimeleki nabaholi
baseShekemi, futhi basebenze-
lana ngokukhohlisa no-Abhime-
leki. **24** Lokhu kwenzeka uku-
ze kuphindiselelwe unya olwe-
nziwa emadodaneni kaJerubha-
li angu-70, ukuze icala legazi
lawo libe kumfowabo u-Abhime-
leki ngokuwabulala[f] nakubaholi
baseShekemi ngokumsiza uku-
ba abulale abafowabo. **25** Nga-
kho abaholi baseShekemi bami-
sa amadoda ayezomcuthela
phezu kweziqongo zezintaba.
La madoda ayephanga wonke
umuntu owayedlula emgwaqwe-
ni ngakuwo. Ngokuhamba kwe-
sikhathi lokhu kwabikwa ku-
Abhimeleki.

ISAHL. 9
*a* Hlu 8:22
*b* Hlu 9:6
*c* Hlu 9:6
*d* Hlu 7:9
*e* Hlu 8:28

Uhla 2
*a* Hlu 9:5
*b* Hlu 8:30, 31
*c* Hlu 9:6, 49
*d* Hlu 9:39, 53
*e* Hlu 9:5
*f* Gen 9:6
Hlu 9:5

**9:9** *Noma, “izithelo zami.” **9:9, 11, 13** #NgesiHebheru, “ukuze ngiyende phezu kwezinye izihlahla?”

**9:22** *Noma, “wazenza isikhulu.” **9:23** *NgesiHebheru, “wathumela umoya omubi.”

**26** UGali indodana ka-Ebhe-
di nabafowabo bawelela eShe-
kemi, abaholi baseSheke-
mi[a] baqala ukuthembela kuye.
**27** Baphuma baya esigange-
ni bayovuna amagilebhisi ema-
simini abo, bawakhama base
beba nomkhosi, okwathi nge-
mva kwalokho bangena endlini
kankulunkulu wabo,[b] badla ba-
phuza base bethuka u-Abhime-
leki. **28** UGali indodana ka-
Ebhedi wathi: "Ungubani
u-Abhimeleki, ungubani uShe-
kemi ukuba simkhonze? Aka-
yona yini indodana kaJerubha-
li,[c] nomphathi wakhe aku-
yena yini uZebhule? Khonza-
ni amadodana kaHamori, uyise
kaShekemi! Kungani thina ku-
fanele sikhonze u-Abhimeleki?
**29** Ukube nje lesi sizwe be-
siphethwe yimi, bengiyomsusa
u-Abhimeleki." Wabe esethi ku-
Abhimeleki: "Yandisa ibutho la-
kho uphume silwe."

**30** Lapho uZebhule isikhulu
sedolobha ezwa amazwi kaGali
indodana ka-Ebhedi, intukuthe-
lo yakhe yavutha. **31** Ngakho
wathumela izithunywa ngase-
se* ku-Abhimeleki, wathi: "UGa-
li indodana ka-Ebhedi nabafo-
wabo baseShekemi njengama-
nje, bashoshozela idolobha uku-
ba limelane nawe. **32** Manje
khuphuka ebusuku, wena naba-
ntu bakho, ucuthe ngaphandle
kwedolobha. **33** Ngokushesha
nje ngemva kokuphuma kwela-
nga ekuseni, kufanele usheshe
uvuke uhlasele idolobha; lapho
yena nabantu abakanye naye
bephuma bezokulwa nawe, we-
nze konke ongakwenza* ukuze
umnqobe."

**34** Ngakho u-Abhimeleki na-
bo bonke abantu ababeka-
nye naye bavuka ebusuku, ba-
cuthela iShekemi bengamaviyo
amane. **35** Lapho uGali indo-
dana ka-Ebhedi ephuma ema
esangweni ledolobha, u-Abhi-
meleki nabantu ababekanye
naye bathushuka endaweni
ababecuthe kuyo. **36** Lapho
uGali ebona abantu, wathi ku-
Zebhule: "Bheka! Kunabantu
abehla eziqongweni zezintaba."
Kodwa uZebhule wathi kuye:
"Ubona izithunzi zezintaba nje-
ngokungathi abantu."

**37** Kamuva uGali waphinde
wathi: "Bheka! Kunabantu abe-
hla bephuma maphakathi ne-
zwe, elinye iviyo liza ngendle-
la yasesihlahleni esikhulu sa-
seMeyonenimi." **38** UZebhu-
le wamphendula wathi: "Se-
kuphelelephi manje ukuqho-
sha kwakho uthi, 'Unguba-
ni u-Abhimeleki ukuba simkho-
nze?'[a] Akubona yini laba aba-
ntu obukhuluma kabi ngabo?
Phuma manje uyokulwa nabo."

**39** Ngakho uGali waphuma
ehamba phambi kwabaholi ba-
seShekemi walwa no-Abhime-
leki. **40** U-Abhimeleki wamja-
ha, uGali wabaleka, abani-
ngi babulawa kwaze kwayofika
esangweni ledolobha.

**41** U-Abhimeleki waqhubeka
ehlala e-Aruma, uZebhule[b] wa-
xosha uGali nabafowabo eShe-
kemi. **42** Ngosuku olulandela-
yo abantu baphumela ngapha-
ndle kwedolobha, u-Abhimele-
ki watshelwa ngakho. **43** Nga-
kho wathatha abantu wabahlu-
kanisa baba amaviyo amatha-
thu, wacutha ngaphandle kwe-
dolobha. Lapho ebona abantu
bephuma edolobheni, wabahla-
sela wababulala. **44** U-Abhi-
meleki namadoda ayekanye
naye bagijimela esangweni

ISAHL. 9
a Jos 21:20, 21 Jos 24:1
b Hlu 8:33
c Hlu 6:32

Uhla 2
a Hlu 9:28, 29
b Hlu 9:30

**9:31** *Noma, "ngobuqili." **9:33** *Noma, "wenze kuye lokho isandla sakho esinamandla okukwenza."

ledolobha bama khona, kuyi-
lapho amaviyo amabili ehla-
sela bonke ababengapha-
ndle kwedolobha, ebabulala.
**45** U-Abhimeleki walwa nalelo
dolobha lonke lolo suku, wali-
nqoba. Wabulala abantu ababe-
kulo, ngemva kwalokho walidi-
liza,[a] walithela ngosawoti.

**46** Lapho bonke ababehla-
la embhoshongweni waseShe-
kemi bezwa ngakho, ngokushe-
sha bangena ekamelweni loku-
casha elisendlini* ka-Eli-bheri-
ti.[b] **47** Lapho nje kubikwa ku-
Abhimeleki ukuthi bonke aba-
hlala embhoshongweni wase-
Shekemi baqoqene ndawonye,
**48** u-Abhimeleki nawo wonke
amadoda ayenaye bakhuphu-
ka iNtaba iZalimoni. U-Abhime-
leki wathatha imbazo wagawu-
la igatsha lesihlahla walibeka
ehlombe lakhe wayesethi kuba-
ntu ababekanye naye: “Eningi-
bone ngikwenza, nani kwenze-
ni ngokushesha!” **49** Ngakho
bonke abantu nabo bagawula
amagatsha, balandela u-Abhi-
meleki. Ngemva kwalokho ba-
beka amagatsha azungeza ika-
melo lokucasha, base belithu-
ngela ngomlilo. Ngakho bo-
nke abantu ababehlala embho-
shongweni waseShekemi nabo
bafa, amadoda nabesifazane
abangaba ngu-1 000.

**50** Uma esuka lapho, u-Abhi-
meleki waya eThebezi; wa-
hlasela iThebezi walinqoba.
**51** Kwakukhona umbhoshongo
oqinile maphakathi nedolobha,
wonke amadoda nabesifazane
nabo bonke abaholi bedolobha
babalekela kuwo. Bazivalela
kuwo, bakhuphukela phezu-
lu ophahleni lombhoshongo.
**52** U-Abhimeleki waya embho-
shongweni wawuhlasela. Waqo-
nda ngasemnyango wombho-
shongo ukuze awokhele ngomli-
lo. **53** Owesifazane othile wa-
phonsa imbokodo yokugaya
ekhanda lika-Abhimeleki, wam-
phihliza ikhanda.[a] **54** Ngoku-
shesha u-Abhimeleki wabiza
isikhonzi esimphathela izikha-
li wathi kuso: “Hosha inkemba
yakho ungibulale ukuze kunga-
shiwo ngami ukuthi, ‘Wabula-
wa owesifazane.’” Ngakho isi-
khonzi esimphathela izikhali
samgwaza wafa.

**55** Lapho amadoda akwa-
Israyeli ebona ukuthi u-Abhi-
meleki ufile, wonke abuye-
la emakhaya. **56** UNkulunku-
lu wambuyisela ngaleyo ndle-
la u-Abhimeleki ngobubi aye-
benze kuyise ngokubulala aba-
fowabo abangu-70.[b] **57** UNku-
lunkulu wenza nokuba bonke
ububi bamadoda aseShekemi
bubuyele phezu kwamakhanda
awo. Ngakho isiqalekiso sika-
Jothamu[c] indodana kaJerubha-
li[d] sehlela phezu kwawo.

**10** Ngemva kuka-Abhimeleki
kwavela uThola indoda-
na kaPhuwa, indodana kaDo-
do, umuntu wakwa-Isakare wa-
sindisa u-Israyeli.[e] Wayehla-
la eShamiri ezintabeni zakwa-
Efrayimi. **2** Wahlulela u-Isra-
yeli iminyaka engu-23. Ngemva
kwalokho wafa, wangcwatshwa
eShamiri.

**3** Ngemva kwakhe kwavela
uJayire waseGileyadi, wahlule-
la u-Israyeli iminyaka engu-
22. **4** Wayenamadodana angu-
30 ayegibela izimbongolo ezi-
ngu-30, enamadolobha angu-30,
abizwa ngokuthi iHavoti-jayire[f]
kuze kube namuhla; asezweni
lakwaGileyadi. **5** Ngemva kwa-
lokho uJayire wafa wangcwa-
tshwa eKhamoni.

---

**9:46** *Noma, “bangena enqabeni yethe-mpeli.”

ISAHL. 9
a 1Kh 12:25
b Hlu 8:33; Hlu 9:4, 27

Uhla 2
a 2Sa 11:21
b Gen 9:6; Hlu 9:5, 24
c Hlu 9:7, 20
d Hlu 6:32

ISAHL. 10
e Hlu 2:16
f Dut 3:14

**6** Ama-Israyeli aphinda enza okubi emehlweni kaJehova,[a] aqala ukukhonza oBhali,[b] izithombe zika-Ashitoreti, onkulunkulu base-Aramu,* onkulunkulu baseSidoni, onkulunkulu bakwaMowabi,[c] onkulunkulu bakwa-Amoni[d] nonkulunkulu bamaFilisti.[e] Bamshiya uJehova, abazange besamkhonza. **7** Intukuthelo kaJehova yamvuthela u-Israyeli, wamthengisela esandleni samaFilisti nabakwa-Amoni.[f] **8** Ngakho bawahlupha futhi bawacindezela kakhulu ama-Israyeli ngalowo nyaka—iminyaka engu-18 bawagqilaza wonke ama-Israyeli ayengasohlangothini lweJordani olwaluyindawo yama-Amori eGileyadi. **9** Abakwa-Amoni babeze bawele iJordani ukuze balwe nesizwe sakwaJuda, esakwaBhenjamini nesakwa-Efrayimi; ngakho u-Israyeli wayecindezeleke kakhulu. **10** Ama-Israyeli acela usizo kuJehova,[g] athi: “Sonile kuwe, ngoba simshiyile uNkulunkulu wethu sakhonza oBhali.”[h]

**11** Kodwa uJehova wathi kuma-Israyeli: “Angizange yini nginikhulule eGibhithe,[i] kuma-Amori,[j] abakwa-Amoni, ama-Filisti,[k] **12** abaseSidoni, ama-Amaleki nakuMidiyani lapho benicindezela? Lapho nikhala kimi, nganikhulula esandleni sabo. **13** Kodwa nina ningishiyile nakhonza abanye onkulunkulu.[l] Yingakho ngingeke ngisanikhulula.[m] **14** Hambani niyocela usizo konkulunkulu enibakhethile.[n] Makube yibo abanikhululayo ekucindezelekeni kwenu.”[o] **15** Kodwa ama-Israyeli athi kuJehova: “Sonile. Yenza kithi noma yini enhle emehlweni akho. Esikucelayo nje ukuba usikhulule namuhla.” **16** Basusa onkulunkulu bezinye izizwe phakathi kwabo bakhonza uJehova,[a] kangangokuba akabange esakwazi ukubekezelela ukuhlupheka kuka-Israyeli.[b]

**17** Ngemva kwesikhathi abakwa-Amoni[c] babuthana ukuze bayolwa, bakanisa eGileyadi. Ngakho ama-Israyeli abuthana ndawonye akanisa eMispa. **18** Abantu nezikhulu zaseGileyadi bathi komunye nomunye: “Ngubani ozohola ekulweni nabakwa-Amoni?[d] Makabe yinduna yabo bonke abantu baseGileyadi.”

**11** UJefta[e] waseGileyadi wayeyiqhawe elinamandla; wayeyindodana yesifebe, uyise kunguGileyadi. **2** Kodwa umkaGileyadi naye wamzalela amanye amadodana. Lapho amadodana omkakhe ekhula, amxosha uJefta athi kuye: “Ngeke ube nafa endlini kababa, ngoba uyindodana yomunye umama.” **3** Ngakho uJefta wabaleka kubafowabo wayohlala ezweni laseThobi. Amadoda angomahlalela azihlanganisa noJefta, ayehamba naye ukuyohlasela isitha.

**4** Ngemva kwesikhathi esithile abakwa-Amoni balwa no-Israyeli.[f] **5** Kwathi lapho abakwa-Amoni belwa no-Israyeli, ngokushesha amadoda amadala aseGileyadi ahamba ayolanda uJefta ezweni laseThobi. **6** Athi kuJefta: “Woza uzoba ngumkhuzi webutho lethu, ukuze silwe nabakwa-Amoni.” **7** Kodwa uJefta wathi emadodeni amadala aseGileyadi: “Akunina yini enangizonda naze nangixosha endlini kababa?[g] Kungani niza kimi manje lapho senisosizini?” **8** Amadoda amadala ase-

---

**10:6** *Noma, “baseSiriya.”

ISAHL. 10
a Hlu 2:19, Hlu 4:1, Hlu 6:1, Neh 9:28
b Hlu 3:7, Hu 106:36-38
c Num 25:1, 2
d 1Kh 11:5, 2Kh 23:13
e Hlu 16:23, 1Sa 5:4, 2Kh 1:2
f Dut 28:15, 48, Dut 31:17, Hlu 2:14, Hlu 4:2
g Dut 4:30
h Hlu 2:13, Hlu 3:7, 1Sa 12:9, 10
i Eks 14:30
j Num 21:23-25
k Hlu 3:31
l Hlu 2:12
m 2Kr 15:2, Mik 3:4
n 1Kh 18:27
o Jer 2:28

Uhla 2
a Dut 7:26
b 2Kr 7:14, 2Kr 33:13, 15, Hu 106:44, Isay 63:9
c Gen 19:36, 38, Hlu 3:13
d Hlu 11:1

ISAHL. 11
e Hlu 12:7, 1Sa 12:11, Heb 11:32
f Hlu 10:17
g Hlu 11:2

Gileyadi amphendula uJefta
athi: “Yingakho manje sesibu-
yele kuwe. Uma uhamba nathi
siyolwa nabakwa-Amoni, uzoba
umholi wabo bonke abantu ba-
seGileyadi.”[a] **9** Ngakho uJe-
fta wathi emadodeni amada-
la aseGileyadi: “Uma ningi-
buyisa ukuze ngilwe nabakwa-
Amoni, bese uJehova engi-
siza ngibanqobe, khona-ke na-
kanjani ngizoba umholi wenu!”
**10** Amadoda amadala aseGile-
yadi athi kuJefta: “UJehova
makabe ufakazi* phakathi kwe-
thu, asahlulele uma singenzi
njengoba usho.” **11** Ngakho
uJefta wahamba namadoda
amadala aseGileyadi, abantu
bambeka waba umholi nom-
khuzi webutho labo. UJefta wa-
khuluma wonke amazwi ababe-
vumelane ngawo phambi kuka-
Jehova eMispa.[b]

**12** Ngemva kwalokho, uJef-
ta wathumela izithunywa
enkosini yakwa-Amoni,[c] wathi:
“Ungibangisani* njengoba uzo-
hlasela izwe lami?” **13** Nga-
kho inkosi yakwa-Amoni yathi
ezithunyweni zikaJefta: “Yi-
ngoba u-Israyeli wathatha izwe
lami lapho ephuma eGibhi-
the,[d] kusukela e-Arinoni[e] kuya
eJabhoki kuze kufike eJorda-
ni.[f] Manje libuyise ngokuthu-
la.” **14** Kodwa uJefta wa-
phinde wathumela izithunywa
enkosini yakwa-Amoni **15** za-
thi kuyo:

“Yilokhu uJefta akushoyo,
‘U-Israyeli akazange alitha-
the izwe lakwaMowabi[g] ne-
zwe lakwa-Amoni,[h] **16** ngoba
lapho u-Israyeli ephuma eGi-
bhithe, wahamba wanqamula
ehlane wadlula oLwandle Olu-
bomvu[i] waze wafika eKade-
shi.[a] **17** U-Israyeli wabe ese-
thumela izithunywa enkosini ya-
kwa-Edomi,[b] wathi: “Sicela usi-
vumele sinqamule ezweni la-
kho,” kodwa inkosi yakwa-Edo-
mi ayivumanga. Wathumela na-
senkosini yakwaMowabi,[c] ko-
dwa nayo ayizange ivume. Nga-
kho u-Israyeli waqhubeka ehla-
la eKadeshi.[d] **18** Lapho enqa-
mula ehlane, wahambela kude
nezwe lakwa-Edomi[e] nelakwa-
Mowabi. Wadlula ngasempuma-
langa yezwe lakwaMowabi[f] wa-
fike wamisa amatende e-Arino-
ni; akazange angene ngaphaka-
thi kwemingcele yakwaMowabi,[g]
ngoba i-Arinoni laliwumngcele
wakwaMowabi.

**19** “‘Ngemva kwalokho
u-Israyeli wathumela izithunywa
kuSihoni inkosi yama-Amori,
inkosi yaseHeshibhoni, u-Israye-
li wathi kuye: “Sicela ukunqa-
mula ezweni lakho siye enda-
weni yethu.”[h] **20** Kodwa uSi-
honi wayengamethembi u-Isra-
yeli ukuba amvumele anqamule
endaweni yakhe, ngakho uSiho-
ni wabuthela bonke abantu ba-
khe ndawonye waya eJahazi wa-
yolwa no-Israyeli.[i] **21** UJehova
uNkulunkulu ka-Israyeli wanike-
la uSihoni nabo bonke abantu
bakhe esandleni sika-Israyeli,
u-Israyeli wamnqoba, wayitha-
tha yonke indawo yama-Amori
ayehlala kulelo zwe.[j] **22** Wayi-
thatha kanjalo yonke indawo
yama-Amori kusukela e-Arinoni
kuya eJabhoki nokusukela ehla-
ne kuze kufike eJordani.[k]

**23** “‘NguJehova uNkulunku-
lu ka-Israyeli owaxosha ama-
Amori phambi kwabantu ba-
khe u-Israyeli,[l] manje inga-
be wena usufuna ukuba-
xosha? **24** Akubi yini okwa-
kho konke lokho unkulunku-
lu wakho uKemoshi[m] akunika
kona? Ngakho wonke umuntu

**11:10** *NgesiHebheru, “yisilaleli.”
**11:12** *NgesiHebheru, “Yini ekhona phakathi kwethu?”

ISAHL. 11
*a* Hlu 10:18
*b* Hlu 10:17; Hlu 11:34
*c* Gen 19:36, 38
*d* Num 21:23, 24
*e* Num 21:26
*f* Dut 3:16, 17
*g* Gen 19:36, 37; Dut 2:9
*h* Dut 2:19, 37
*i* Num 14:25

Uhla 2
*a* Num 20:1
*b* Gen 36:1; Num 20:14; Dut 2:4
*c* Gen 19:36, 37
*d* Num 20:22
*e* Num 21:4
*f* Num 21:11
*g* Num 21:13
*h* Num 21:21-26; Dut 2:26, 27
*i* Dut 2:32, 33
*j* Jos 13:15, 21
*k* Dut 2:36
*l* Neh 9:22
*m* 1Kh 11:7

uJehova uNkulunkulu wethu
amxoshayo phambi kwethu
nguye esizomxosha.[a] **25** Ma-
nje, wena ungcono yini ku-
noBhalaki[b] indodana kaZipori,
inkosi yakwaMowabi? Wake wa-
phikisana yini no-Israyeli,
noma wake walwa yini naye?
**26** Lapho u-Israyeli ehlala eHe-
shibhoni nasemizini eyakhele-
ne nalo*[c] nase-Aroweri nase-
mizini eyakhelene nalo na-
kuwo wonke amadolobha agu-
dle i-Arinoni iminyaka engu-
300, kungani ningazange niza-
me ukuzithatha ngaleso sikha-
thi lezi zindawo?[d] **27** Angiza-
nge ngikone, kodwa wena une-
phutha ngokulwa nami. UJeho-
va uMahluleli[e] makahlulele na-
muhla phakathi kwabantu ba-
kwa-Israyeli nabantu bakwa-
Amoni.'"

**28** Kodwa inkosi yakwa-
Amoni ayifunanga ukuwulalela
umyalezo uJefta ayewuthume-
le kuyo.

**29** Umoya kaJehova wehle-
la kuJefta,[f] wadabula eGileyadi
nakwaManase elibangise eMi-
spe laseGileyadi,[g] ukusuka eMi-
spe laseGileyadi wadlulela kwa-
bakwa-Amoni.

**30** UJefta wafunga[h] kuJeho-
va wathi: "Uma unikela aba-
kwa-Amoni esandleni sami,
**31** noma ubani oyophuma ku-
qala emnyango wendlu yami
ezongihlangabeza lapho ngibu-
ya ngokuthula kwabakwa-Amo-
ni, uyoba ngokaJehova,[i] ngizo-
mnikela abe ngumnikelo oshi-
swayo."[j]

**32** Ngakho uJefta wahamba
wayokulwa nabakwa-Amoni,
uJehova wabanikela esandleni
sakhe. **33** Wababulala kwalala
uyaca kusukela e-Aroweri kwa-
ze kwafika eMiniti—amadolobha
angu-20—kwaze kwafika nase-
Abela-keramimi. Ngaleyo ndlela
ama-Israyeli abanqoba abakwa-
Amoni.

**34** Ekugcineni uJefta wafi-
ka emzini wakhe eMispa,[a] kwa-
phuma indodakazi yakhe izom-
hlangabeza, idlala ithambori-
ni futhi idansa! Yayiwukuphe-
la komntwana ayenaye. Nga-
phandle kwayo, wayengena-
ndodana nandodakazi. **35** La-
pho eyibona, waklebhula izi-
ngubo zakhe wathi: "Awu, ndo-
dakazi yami! Waze wangizwi-
sa ubuhlungu,* ngoba uwena lo
engimdingisile. Manje sengize
ngafunga kuJehova, futhi angi-
kwazi ukushintsha."[b]

**36** Kodwa yona yathi kuye:
"Baba, uma ufungile kuJehova,
yenza kimi ngokwalokho
okuthembisile,[c] njengoba uJe-
hova ekuphindiselele ezithe-
ni zakho, abakwa-Amoni."
**37** Yabe isithi kuyise: "Ngine-
sicelo esisodwa nje: Ngivume-
le ngihambe ngiye ezintabe-
ni izinyanga ezimbili, ngiyo-
khalela ubuntombi bami kanye
namantombazane angabangani
bami."*

**38** Waphendula wathi: "Ku-
lungile ungahamba." Ngakho
wayidedela yahamba izinya-
nga ezimbili yaya ezintabe-
ni nabangani bayo iyokhalela
ubuntombi bayo. **39** Ekuphe-
leni kwezinyanga ezimbili ya-
buyela kuyise, okwathi nge-
mva kwalokho wafeza isifu-
ngo ayesenzile ngokuqonde-
ne nayo.[d] Ayizange ilale ne-
ndoda ukuphila kwayo konke.
Kwaba nale nqubo* kwa-Israye-
li: **40** Unyaka nonyaka, izinto-
mbi zakwa-Israyeli zazihamba

ISAHL. 11
a Eks 23:28; Eks 34:11; Num 33:53; Dut 9:5; Dut 18:12
b Num 22:2, 3; Jos 24:9
c Num 21:25
d Num 21:26
e Isay 33:22
f Hlu 3:9, 10; Zak 4:6
g Hlu 10:17
h Dut 23:21
i 1Sa 1:11
j 1Sa 1:24

Uhla 2
a Hlu 10:17; Hlu 11:11
b Num 30:2; Hu 15:4; Shu 5:4
c Hlu 11:30, 31
d 1Sa 1:22, 24

11:26 *Noma, "eseduze kwalo."

11:35 *NgesiHebheru, "Ungehlisile."
11:37 *Noma, "ngiyokhala nabangani bami ngoba angisoze ngashada."
11:39 *Noma, "nkambiso."

ziyoncoma indodakazi kaJefta
waseGileyadi, izinsuku ezine
ngonyaka.

**12** Amadoda akwa-Efrayimi
abizelwa ndawonye, awe-
lela eZafoni* athi kuJefta: "Ku-
ngani ungasibizanga ukuba si-
hambe nawe lapho uyolwa
nabakwa-Amoni?[a] Sizokushi-
sela endlini yakho." **2** Kodwa
uJefta wathi kuwo: "Mina na-
bantu bakithi besisempini
enkulu nabakwa-Amoni. Ngalu-
cela usizo kini, kodwa anizange
ningisindise esandleni sabo.
**3** Lapho ngibona ukuthi anizi-
misele ukungisindisa, nganqu-
ma ukubeka ukuphila kwami
engozini,* ngahamba ngayolwa
nabakwa-Amoni.[b] UJehova wa-
banikela esandleni sami. Pho
kungani nizolwa nami namu-
hla?"

**4** UJefta wabe eseqoqela
ndawonye wonke amadoda ase-
Gileyadi,[c] balwa no-Efrayimi;
amadoda aseGileyadi amnqoba
u-Efrayimi, owayethe: "Ninga-
babaleki abasuka kwa-Efrayimi,
nina bantu baseGileyadi eni-
hlala kwa-Efrayimi nakwaMa-
nase." **5** AbaseGileyadi bavi-
mba u-Efrayimi emazibukwe-
ni aseJordani;[d] kwakuthi la-
pho amadoda akwa-Efrayimi
ezama ukubaleka, athi: "Ngice-
la ukuwela"; amadoda aseGile-
yadi ayebuza ngamunye athi:
"Ingabe ungumEfrayimi?" La-
pho ethi, "Cha!" **6** ayethi kuye:
"Sicela uthi Shiboleti." Kodwa
yena wayethi, "Siboleti," njengo-
ba ayengakwazi ukulibiza kahle
leli gama. Ayebe esembamba
ambulale emazibukweni aseJo-
rdani. Ngakho kwafa abakwa-
Efrayimi abangu-42 000 ngaleso
sikhathi.

**7** UJefta wahlulela u-Israye-
li iminyaka eyisithupha, okwa-
thi ngemva kwalokho uJefta
waseGileyadi wafa wangcwa-
tshwa edolobheni lakubo eGi-
leyadi.

**8** Ngemva kwakhe u-Ibhiza-
ni waseBhetlehema wahlulela
u-Israyeli.[a] **9** Wayenamadoda-
na angu-30 namadodakazi
angu-30. Wavumela amadodaka-
zi akhe ukuba ayoshada nama-
doda esinye isizwe, watha-
thela amadodana akhe abafa-
zi abangu-30 abavela kwesi-
nye isizwe. Wahlulela u-Isra-
yeli iminyaka eyisikhombisa.
**10** U-Ibhizani wayesefa, wa-
ngcwatshwa eBhetlehema.

**11** Ngemva kwakhe u-Elo-
ni wakwaZebhuloni wahlulela
u-Israyeli; wahlulela u-Israyeli
iminyaka eyishumi. **12** U-Elo-
ni wakwaZebhuloni wayesefa
wangcwatshwa e-Ajaloni ezwe-
ni lakwaZebhuloni.

**13** Ngemva kwakhe u-Abhi-
doni indodana kaHileli um-
Pirathoni wahlulela u-Israyeli.
**14** Wayenamadodana angu-40
nabazukulu babafana abangu-
30 ababegibela izimbongolo
ezingu-70. Wahlulela u-Israyeli
iminyaka engu-8. **15** U-Abhi-
doni indodana kaHileli umPira-
thoni wafa, wangcwatshwa ePi-
rathoni ezweni lakwa-Efrayimi
entabeni yomAmaleki.[b]

**13** Ama-Israyeli aphinde
enza okubi emehlweni
kaJehova,[c] ngakho uJehova
wawanikela esandleni samaFi-
listi[d] iminyaka engu-40.

**2** Phakathi naleso sikha-
thi, kwakunomuntu waseZora[e]
womndeni wakwaDani,[f] oga-
ma lakhe kwakunguManowa.[g]
Umkakhe wayeyinyumba enge-
namntwana.[h] **3** Ngemva kwe-
sikhathi ingelosi kaJehova ya-
fika kulona wesifazane yathi

**ISAHL. 12**
a Hlu 8:1
b Hlu 11:29
c Dut 3:12, 13
d Hlu 3:28
Hlu 7:24

**Uhla 2**
a Hlu 2:16
b Gen 36:12
Eks 17:16
Num 13:29
1Sa 15:2

**ISAHL. 13**
c Hlu 2:11, 19
Hlu 10:6
d Jos 13:1-3
Hlu 10:7
e Jos 15:20, 33
Jos 19:41, 48
f Gen 49:16
g Hlu 16:31
h Gen 30:22, 23

---

**12:1** *Noma kungaba, "awelela ngasenyakatho." **12:3** *Noma, "umphefumulo wami esandleni sami."

kuye: "Uyinyumba, awunamntwana. Kodwa uzokhulelwa uzale indodana.[a] **4** Manje qaphela ukuba ungaliphuzi iwayini noma utshwala,[b] ungadli lutho olungcolile.[c] **5** Ngoba uzokhulelwa uzale indodana, akufanele nhlobo igunde ekhanda,[d] ngoba lo mntwana uyoba umNaziri kaNkulunkulu kusukela ezalwa,* nguye oyohola ekusindiseni u-Israyeli esandleni samaFilisti."[e]

**6** Lona wesifazane wahamba wayobikela umyeni wakhe wathi: "Kufike umuntu kaNkulunkulu weqiniso kimi, ubebukeka njengengelosi kaNkulunkulu weqiniso, esabeka kakhulu. Angimbuzanga ukuthi uvelaphi, kanti naye akangitshelanga igama lakhe.[f] **7** Kodwa uthe kimi, 'Uzokhulelwa, uzale indodana. Manje ungaliphuzi iwayini noma utshwala, ungadli lutho olungcolile, ngoba lowo mntwana uyoba umNaziri kaNkulunkulu kusukela ezalwa* kuze kube sekufeni kwakhe.' "

**8** UManowa wancenga uJehova wathi: "Uxolo, Jehova. Ngicela umuntu kaNkulunkulu weqiniso osanda kumthumela aphinde abuye azosifundisa lokho okufanele sikwenze kumntwana ozozalwa." **9** Ngakho uNkulunkulu weqiniso wamlalela uManowa, ingelosi kaNkulunkulu weqiniso yaphinde yafika kowesifazane ngesikhathi ehlezi ensimini, uManowa umyeni wakhe engekho. **10** Ngokushesha owesifazane wagijima wayotshela umyeni wakhe wathi: "Bheka! Lowaya muntu owayefike kimi ngalolunya suku ubuyile."[g]

13:5, 7 *NgesiHebheru, "kusukela esibelethweni."

ISAHL. 13

*a* Gen 18:10; 1Sa 1:20; Luk 1:11, 13
*b* Num 6:2, 3; Luk 1:15
*c* Lev 11:26, 27
*d* Num 6:2, 5
*e* Hlu 2:16; Hlu 13:1; Neh 9:27
*f* Hlu 13:17, 18
*g* Hlu 13:3

Uhla 2

*a* Hlu 13:8
*b* Hlu 13:4
*c* Num 6:2, 3
*d* Lev 11:26, 27
*e* Gen 18:5, 7; Hlu 6:18, 19; Heb 13:2
*f* Gen 32:29; Hlu 13:6

**11** UManowa wasukuma wahamba nomkakhe. Wafika kulo muntu wathi kuye: "Ingabe nguwe lo muntu owakhuluma nomkami?" Yena wathi: "Nginguye." **12** UManowa wathi: "Kwangathi amazwi akho angagcwaliseka! Uyophila kanjani lo mntwana, uyokwenza msebenzi muni?"[a] **13** Ngakho ingelosi kaJehova yathi kuManowa: "Umkakho kufanele akugweme konke engimxwayise ngakho.[b] **14** Akufanele adle lutho olwenziwe ngamagilebhisi, akufanele aphuze iwayini noma utshwala,[c] angadli lutho olungcolile.[d] Makakugcine konke engimyale ngakho."

**15** UManowa wabe esethi engelosini kaJehova: "Sicela uhlale sikulungisele izinyane lembuzi."[e] **16** Kodwa ingelosi kaJehova yathi kuManowa: "Uma ngihlala, ngeke ngikudle ukudla kwakho; kodwa uma ufisa ukunikela umnikelo oshiswayo kuJehova, ungawunikela." UManowa wayengazi ukuthi yingelosi kaJehova. **17** UManowa wathi engelosini kaJehova: "Ungubani igama lakho,[f] ukuze sikudumise lapho izwi lakho ligcwaliseka?" **18** Nokho, ingelosi kaJehova yathi kuye: "Ulibuzelani igama lami, njengoba kuyigama elimangalisayo?"

**19** UManowa wathatha imbuzi esencane nomnikelo wokudla okusanhlamvu wakunikela kuJehova phezu kwedwala. Yena* wayenza okuthile okumangalisayo uManowa nomkakhe bebukele. **20** Njengoba ilangabi lenyukela ngasezulwini lisuka e-altare, ingelosi kaJehova yenyuka elangabini elalisuka e-altare uMano-

13:19 *Ngokusobala uNkulunkulu.

wa nomkakhe bebukele. Nga-
so leso sikhathi bawa ngobuso
phansi emhlabathini. **21** Inge-
losi kaJehova ayizange iphinde
ibonakale kuManowa nomka-
khe. Khona-ke uManowa wabo-
na ukuthi kwakuyingelosi kaJe-
hova.[a] **22** UManowa wathi ku-
mkakhe: "Nakanjani sizofa, ngo-
ba uNkulunkulu lo esimboni-
le."[b] **23** Kodwa umkakhe wathi
kuye: "Ukube uJehova ubefuna
ukusibulala, ubengeke awamu-
kele umnikelo oshiswayo[c] no-
mnikelo wokudla okusanhlamvu
esandleni sethu, ubengeke asi-
bonise zonke lezi zinto, futhi
ubengeke asitshele zonke lezi zi-
nto."

**24** Kamuva lona wesifazane
wazala indodana wayiqamba
ngokuthi uSamsoni;[d] njengoba
umfana ayekhula, uJehova wa-
qhubeka embusisa. **25** Nge-
mva kwesikhathi umoya kaJe-
hova waqala ukusebenza kuye[e]
eMahane-dani,[f] phakathi kwe-
Zora ne-Eshitawoli.[g]

**14** USamsoni wehlela eThi-
mna wafike wabona into-
mbi engumFilisti* eThimna.
**2** Ngakho wakhuphuka wafi-
ke wathi kuyise nonina: "Ku-
khona intombi engumFilisti
engiyithandile eThimna, ma-
nje ngifuna ningithathele yona
ibe ngumkami." **3** Kodwa uyi-
se nonina bathi kuye: "Ayi-
kho yini intombi ongayithola
ezihlotsheni zakho nakubo bo-
nke abantu bakithi?[h] Inga-
be kumele uze uhambe uyotha-
tha umfazi kumaFilisti angaso-
kile?" Kodwa uSamsoni wathi
kuyise: "Ngithatheleni yona,
ngoba yiyo engiyithandayo."*
**4** Uyise nonina babengazi uku-
thi lokhu kwakuvela kuJehova,
ngoba wayefuna ithuba loku-
lwa namaFilisti, njengoba ama-
Filisti ayebusa u-Israyeli ngale-
so sikhathi.[a]

**5** Ngakho uSamsoni wehlela
eThimna kanye noyise nonina.
Lapho efika emasimini amagi-
lebhisi aseThimna, kwaqhamu-
ka ibhubesi* libhonga lize
kuye. **6** Umoya kaJehova wa-
mnika amandla,[b] walidwengu-
la, njengalapho umuntu edwe-
ngula izinyane lembuzi ngeza-
ndla zakhe. Kodwa akamtshe-
langa uyise nonina ngalokho
ayekwenzile. **7** Ngemva kwa-
lokho wehla wafike wakhuluma
nayo le ntombi, wathola ukuthi
usayithanda.[c]

**8** Kamuva lapho ephindela
eThimna ukuze ayithathe aye
nayo ekhaya,[d] waphambuka
ukuze ayobheka isidumbu se-
bhubesi, wathola ukuthi esidu-
njini salo kunequlu lezinyosi
kanye noju. **9** Ngakho waluta-
puna ngezandla zakhe uju wa-
ludla njengoba eqhubeka ne-
ndlela yakhe. Lapho efika ku-
yise nonina, wabapha olunye
lwalo ukuze badle. Kodwa aka-
batshelanga ukuthi lolo ju wa-
yelutape esidunjini sebhubesi.

**10** USamsoni noyise behla
bayobona lona wesifazane,
uSamsoni wafike wenza idili la-
pho, ngoba yilokho izinsizwa
ezazivame ukukwenza. **11** La-
pho bembona, baletha izinsi-
zwa ezingu-30 ukuze zibe aba-
khaphi bakhe. **12** USamsoni
wathi kuzo: "Ngicela ukunitshe-
la isiphicaphicwano. Uma nisi-
xazulula phakathi nalezi zinsu-
ku eziyisikhombisa zedili bese
ningitshela impendulo, kuzome-
lwe ngininike izingubo zelineni

---

14:1 *NgesiHebheru, "owesifazane wamadodakazi amaFilisti." 14:3 *NgesiHebheru, "yiyo engcono emehlweni ami."

14:5 *Noma, "ibhubesi eliselincane elinomhlwenga."

---

ISAHL. 13
a Hlu 6:22, 23
b Eks 33:20; Joh 1:18
c Hlu 13:16
d Heb 11:32
e Hlu 3:9, 10; Hlu 6:34; Hlu 11:29; 1Sa 11:6
f Hlu 18:11, 12
g Jos 15:20, 33

ISAHL. 14
h Dut 7:3

Uhla 2
a Hlu 13:1
b Hlu 13:24, 25
c Hlu 14:2
d Gen 24:67; Mat 1:24

ezingu-30 nezingubo zokuvunula ezingu-30. **13** Kodwa uma nihluleka ukungitshela impendulo, kuzomelwe ninginike izingubo zelineni ezingu-30 nezingubo zokuvunula ezingu-30.” Zathi kuye: “Sitshele isiphicaphicwano sakho; sifuna ukusizwa.” **14** Ngakho wathi kuzo:

“Kodlayo kwaphuma okudliwayo,
Konamandla kwaphuma okumnandi.”[a]

Azikwazanga ukusixazulula lesi siphicaphicwano izinsuku ezintathu. **15** Ngosuku lwesine zathi kumkaSamsoni: “Khohlisa umyeni wakho[b] ukuze asitshele incazelo yalesi siphicaphicwano. Ngaphandle kwalokho, sizokushisa ngomlilo wena nomndeni kayihlo. Kanti nisimemele lapha ukuze nizothatha izimpahla zethu?” **16** Ngenxa yalokho umkaSamsoni wamkhalela wathi kuye: “Kusho ukuthi uyangizonda; awungithandi.[c] Utshele abantu bakithi isiphicaphicwano, kodwa awuzange ungitshele incazelo yaso.” Wamphendula wathi: “Ngisho ubaba nomama abangizalayo angizange ngibatshele yona! Ingabe kufanele ngiyitshele wena?” **17** Kodwa waqhubeka emkhalela zonke izinsuku eziyisikhombisa zedili. Ekugcineni wamtshela ngosuku lwesikhombisa, ngoba wayelokhu embelesela. Ngemva kwalokho umkaSamsoni watshela abantu bakubo incazelo yesiphicaphicwano.[d] **18** Ngakho ngosuku lwesikhombisa ngaphambi kokushona kwelanga,* amadoda akulelo dolobha athi kuye:

“Yini emnandi kunoju,
Yini enamandla kunebhubesi?”[a]

Waphendula wathi:

“Ukube beningalimanga ngesithole sami,[b]
Beningeke nisixazulule isiphicaphicwano sami.”

**19** Umoya kaJehova wamnika amandla,[c] wehlela e-Ashikeloni[d] wafike wabulala amadoda akhona angu-30, wathatha izingubo zawo wazinika labo ababemtshele incazelo yesiphicaphicwano.[e] Wayethukuthele engqangqa njengoba enyuka ebuyela endlini kayise.

**20** UmkaSamsoni[f] wanikwa omunye wezinsizwa ezazingabakhaphi bakhe.[g]

**15** Ngemva kwesikhathi esithile, ngezinsuku zokuvunwa kukakolweni, uSamsoni wahamba wayovakashela umkakhe ephethe izinyane lembuzi. Wathi: “Ngifisa ukuya kumkami ekamelweni.”* Kodwa umukhwe wakhe akazange amvumele ukuba angene. **2** Umukhwe wakhe wathi: “Ngangicabanga ukuthi awumthandi.[h] Ngakho ngamnika insizwa eyayikukhaphile.[i] Udadewabo omncane akamuhle yini kunaye? Ngicela uthathe yena esikhundleni sakhe.” **3** Nokho, uSamsoni wathi kuye: “Kulokhu amaFilisti akumele angisole ngokuwalimaza.”

**4** Ngakho uSamsoni wahamba wabamba izimpungushe ezingu-300. Ngemva kwalokho wathatha izibani, wahlukanisa izimpungushe ngambili wabe esezibopha ngemisila zifulathelene, wafaka izibani phakathi kwemisila yazo. **5** Nge-

ISAHL. 14
a Hlu 14:8, 9
b Hlu 16:5
c Hlu 16:15
d Hlu 16:16, 18

Uhla 2
a Hlu 14:14
b Hlu 14:15
c Hlu 13:24, 25 Hlu 14:6 Hlu 15:14
d Jos 13:2, 3 Hlu 1:18
e Hlu 14:12
f Hlu 14:2
g Hlu 14:11 Hlu 15:1, 2

ISAHL. 15
h Hlu 14:17
i Hlu 14:11, 20

14:18 *Noma kungaba, “ngaphambi kokuba aye ekamelweni elingaphakathi.”

15:1 *Noma, “ekamelweni elingaphakathi.”

mva kwalokho wokhela iziba-
ni wayesethumela izimpungu-
she emasimini amaFilisti oku-
dla okusanhlamvu okungaka-
vunwa. Washisa yonke into ku-
sukela esithungwini kuya eku-
dleni okusanhlamvu okungaka-
vunwa, kanye namasimu ama-
gilebhisi nawezihlahla zemi-
nqumo.

**6** AmaFilisti athi: "Ubani
owenze lento?" Kwathiwa: "Ngu-
Samsoni umkhwenyana wom-
Thimna, ngoba uthathe umka-
khe wamnika enye yezinsi-
zwa ebezimkhaphile."[a] Lapho
ezwa lokhu, amaFilisti akhuphu-
ka afike ashisa umkakhe noyi-
se ngomlilo.[b] **7** USamsoni wa-
thi kuwo: "Uma nenza kanje,
ngeke nginiyeke ngingakaziphi-
ndiseleli kini."[c] **8** Wawabulala
kwalala uyaca,* ngemva kwalo-
kho wehla wayohlala emhume-
ni# wedwala lase-Etamu.

**9** Kamuva amaFilisti akhu-
phuka amisa amatende kwaJu-
da, ayelokhu ezulazula eLehi.[d]
**10** Amadoda akwaJuda athi:
"Kungani nikhuphukele ukuzo-
lwa nathi?" wona athi: "Si-
zobamba* uSamsoni, ukuze
simenze lokho akwenze kithi."
**11** Ngakho amadoda akwaJu-
da angu-3 000 ehlela emhu-
meni# wedwala lase-Etamu afi-
ke athi kuSamsoni: "Awazi yini
ukuthi amaFilisti ayasibusa?[e]
Pho kungani usenze le nto?"
Wathi kuwo: "Ngenze kuwo nje-
ngoba nje enzile kimi." **12** Ko-
dwa athi kuye: "Sizokuba-
mba* ukuze sikunikele kumaFi-
listi." USamsoni wathi: "Fu-
ngani kimi ukuthi nina
ngeke ningihlasele." **13** Athi
kuye: "Cha, sizomane sikubo-
phe bese sikunikela kuwo, ko-
dwa ngeke sikubulale."

Ngakho ambopha ngezindo-
phi ezimbili ezintsha amkhi-
pha edwaleni. **14** Lapho efi-
ka eLehi, amaFilisti ameme-
za ngenjabulo lapho embo-
na. Umoya kaJehova wamni-
ka amandla,[a] izindophi ezazise-
zingalweni zakhe zaba njenge-
micu yelineni ehangulwe ngu-
mlilo, zancibilika ezandleni za-
khe.[b] **15** Wathola ithambo eli-
selisha lomhlathi wembongolo
yeduna;[c] welula isandla wali-
thatha, wabulala ngalo ama-
doda angu-1 000. **16** Ngemva
kwalokho uSamsoni wathi:

"Ngethambo lomhlathi we-
mbongolo—inqwaba eyo-
dwa, izinqwaba ezimbili!
Ngethambo lomhlathi we-
mbongolo ngibulale ama-
doda angu-1 000."[d]

**17** Lapho eqeda ukusho lo-
kho, walilahla lelo thambo lom-
hlathi, wayeseqamba leyo nda-
wo ngokuthi iRamati-lehi.*[e]
**18** Ngemva kwalokho woma
kakhulu, wayesebiza uJeho-
va wathi: "Nguwe onike isa-
ndla senceku yakho le nsi-
ndiso enkulu kangaka. Ko-
dwa manje ingabe sekufane-
le ngibulawe ukoma, bese ngi-
wela ezandleni zabangasokile?"
**19** Ngakho uNkulunkulu we-
nza umgodi owawuseLehi wa-
vuleka, kwaphuma amanzi.[f] La-
pho ephuza, umoya wakhe
wabuya,* wavuseleleka. Yinga-
kho aqamba leyo ndawo ngoku-
thi i-Eni-hakore,# iseLehi kuze
kube namuhla.

---

**15:8** *NgesiHebheru, "Wawashaya umlenze phezu kwethanga." **15:8, 11** #Noma, "emfantwini." **15:10** *Noma, "Sizobopha." **15:12** *Noma, "Sizokubopha."

**15:17** *Incazelo: "Indawo Ephakeme Yethambo Lomhlathi." **15:19** *Noma, "amandla akhe abuya." #Incazelo: "Isiphethu Sobizayo."

ISAHL. 15
a Hlu 14:11, 20
b Hlu 14:15
c Hlu 14:4
d 2Sa 23:11, 12
e Hlu 13:1

Uhla 2
a Hlu 13:24, 25; Hlu 14:5, 6
b Hlu 16:9, 12
c Hlu 3:31
d Hlu 16:30
e Hlu 15:9
f Eks 17:6

**20** USamsoni waba umahluleli kwa-Israyeli iminyaka engu-20 ngesikhathi amaFilisti ebusa izwe.[a]

**16** Ngesinye isikhathi uSamsoni waya eGaza wafike wabona isifebe, wabe esengena endlini yaso. **2** Kwabikwa kwabaseGaza, kwathiwa: "USamsoni ungene lapha." Ngakho bazungeza indawo, bamcuthela ubusuku bonke esangweni ledolobha. Bahlala bathula ubusuku bonke, bethi komunye nomunye: "Lapho kusa nje, sizombulala."

**3** Nokho, uSamsoni waqhubeka elele lapho kwaze kwaba phakathi kwamabili. Wayesevuka phakathi kwamabili wabamba iminyango yesango ledolobha nezigxobo zombili ezisemaceleni wakubhoncula kanye nomgoqo.* Wakubeka emahlombe, wakuthwala wenyukela nakho esiqongweni sentaba ephambi kweHebroni.

**4** Ngemva kwalokho, wathanda owesifazane othile eSigodini* SaseSoreki, igama lakhe kwakunguDelila.[b] **5** Ngakho amakhosi amaFilisti aya kuye afike athi: "Myenge*[c] uthole ukuthi yini emenza abe namandla amakhulu kangaka nokuthi singamnqoba kanjani simbophe. Uma ungenza kanjalo, ngamunye wethu uzokunika izinhlamvu zesiliva ezingu-1 100."

**6** Kamuva uDelila wathi kuSamsoni: "Ngicela ungitshele ukuthi avelaphi la mandla akho amakhulu nokuthi yini ongaboshwa ngayo ukuze unqotshwe." **7** USamsoni wathi kuye: "Uma bengibopha ngemisipha yesilwane eyisikhombisa esemanzi engazange yomiswe, ngiyoba buthakathaka ngibe njengawo wonke umuntu." **8** Ngakho amakhosi amaFilisti amlethela imisipha eyisikhombisa esemanzi engazange yomiswe, wambopha ngayo. **9** Abeka abazocutha ekamelweni, wayesethi kuye: "Nanka amaFilisti, Samsoni!" Lapho ezwa lokho wayigqashula kalula le misipha njengalapho uhala* ushiswa umlilo.[a] Abazange bazi ukuthi amandla akhe avelaphi.

**10** UDelila wathi kuSamsoni: "Uyabona, ungenze isilima* wangikhohlisa. Manje ngicela ungitshele ukuthi yini ongaboshwa ngayo." **11** Ngakho wathi kuye: "Uma bengangibopha ngezindophi ezintsha ezingakaze zisetshenziswe, ngiyoba buthakathaka ngibe njengawo wonke umuntu." **12** Ngakho uDelila wathatha izindophi ezintsha wambopha ngazo wamemeza wathi: "Nanka amaFilisti, Samsoni!" (Sonke leso sikhathi abacuthile babesekamelweni.) Lapho ezwa lokho wazigqashula njengokungathi uhala,[b] zasuka ezingalweni zakhe.

**13** Ngemva kwalokho uDelila wathi kuSamsoni: "Kuze kube manje ulokhu udlala ngami ungikhohlisa.[c] Ngitshele ukuthi yini ongaboshwa ngayo." Wamphendula wathi: "Uma weluka amagoda ayisikhombisa ekhanda lami uwahlanganise nentambo yokweluka eqondile." **14** Ngakho waweluka wawabopha ngothi lokweluka, ngemva kwalokho wamemeza wathi: "Nanka amaFilisti, Samsoni!" Ngakho wavuka wabhoncula uthi lokweluka nentambo yokweluka.

---

**16:3** *Ugodo noma insimbi yokuvala. **16:4** *Noma, "eMhosheni." **16:5** *Noma, "Mnxenxe."

**16:9** *Noma, "intambo." **16:10** *Noma, "udlale ngami."

---

ISAHL. 15

*a* Gen 49:16; Hlu 2:16; Hlu 13:1, 5; Hlu 16:31; Heb 11:32

ISAHL. 16

*b* Hlu 16:18

*c* Hlu 14:15

Uhla 2

*a* Hlu 15:14

*b* Hlu 16:9

*c* Hlu 16:7, 11

**15** Manje wathi kuye: “Unga-
sho kanjani ukuthi, ‘Ngiyaku-
thanda,’[a] ibe inhliziyo ya-
kho ingekho kimi? Usungikho-
hlise kwaze kwaba kathathu,
awukangitsheli ukuthi la ma-
ndla akho amakhulu avela-
phi.”[b] **16** Ngenxa yokuthi wa-
yelokhu embelesela usuku no-
suku emcindezela, wacikeka
waze wafisa ukufa.[c] **17** Nga-
kho ekugcineni wamthulula
isifuba sakhe, wathi: “Ikha-
nda lami alikaze liphucwe,
ngoba ngingumNaziri kaNku-
lunkulu kusukela ngazalwa.*[d]
Uma ngingaphuca, amandla
ami angangishiya, ngibe butha-
kathaka ngifane nabo bonke
abantu.”

**18** Lapho uDelila ebona uku-
thi umthululele isifuba sakhe,
ngokushesha wabiza amakhosi
amaFilisti,[e] wathi: “Wozani, ngo-
ba manje usengithululele isi-
fuba sakhe.” Ngakho amakho-
si amaFilisti eza kuye ephethe
imali. **19** Wamlalisa ematha-
ngeni akhe; wabiza indoda ya-
waphuca amagoda ayisikhombi-
sa ayesekhanda lakhe. UDelila
kwabe umehlulile-ke uSamsoni,
ngoba amandla akhe ayelokhu
emshiya. **20** Manje wamemeza
wathi: “Nanka amaFilisti, Sam-
soni!” Wavuka wathi: “Ngizo-
phuma njengakwezinye izikha-
thi[f] ngiphunyuke.” Kodwa waye-
ngazi ukuthi uJehova waye-
semshiyile. **21** Ngakho amaFi-
listi ambamba amkopolota ame-
hlo. Ngemva kwalokho amehli-
sela eGaza, ambopha ngoza-
nkosi bethusi ezinyaweni, amni-
ka umsebenzi wokugaya uko-
lweni ejele. **22** Kodwa izinwele
zakhe zaphinde zakhula ngemva
kokuba ephuciwe.[g]

**16:17** *NgesiHebheru, “kusukela esibelethweni sikamama.”

**ISAHL. 16**
a Hlu 14:16
b Hlu 16:7; Hlu 16:11; Hlu 16:13
c Hlu 14:17
d Num 6:5; Hlu 13:5, 7
e Hlu 16:5
f Hlu 16:9; Hlu 16:12; Hlu 16:14
g Hlu 13:5

**Uhla 2**
a 1Sa 5:4
b Hlu 15:4, 5
c Hlu 15:7, 8; Hlu 15:15, 16
d Heb 11:32
e Hlu 14:5, 6; Hlu 14:19; Hlu 15:14
f Hlu 16:21

**23** Amakhosi amaFilisti abu-
thana ndawonye ukuze enze-
le uDagoni[a] unkulunkulu wawo
umhlatshelo omkhulu nokuba
ajabule, ngoba ayethi: “Unku-
lunkulu wethu unikele isi-
tha sethu uSamsoni esandleni
sethu!” **24** Lapho abantu be-
mbona, badumisa unkulunkulu
wabo, bathi: “Unkulunkulu we-
thu unikele isitha sethu esa-
ndleni sethu, leso esacekela
phansi izwe lethu,[b] sabulala na-
baningi phakathi kwethu.”[c]

**25** Ngenxa yokuthi inhlizi-
yo yabo yayichichima inja-
bulo, bathi: “Bizani uSamso-
ni sizohlekisa ngaye.” Nga-
kho bamkhipha uSamsoni eje-
le ukuze bazomenza inhleki-
sa; bammisa phakathi kwezi-
nsika. **26** USamsoni wathi ku-
mfana owayembambe ngesa-
ndla: “Ngicela ukuthinta izinsi-
ka ezisekele indlu, ukuze ngi-
ncike kuzo.” **27** (Indlu yayi-
gcwele amadoda nabesifaza-
ne. Wonke amakhosi amaFilisti
ayelapho, engxenyeni ephezulu
kwakunamadoda nabesifazane
abangaba ngu-3 000 ababebu-
kele njengoba uSamsoni enzi-
wa inhlekisa.)

**28** USamsoni[d] wabiza uJe-
hova wathi: “Nkosi EnguMbusi
Jehova, ngicela ungikhumbu-
le, ungiqinise,[e] ngiyacela, ku-
lokhu nje kuphela, Nkulunku-
lu, ngivumele ngiziphindiselele
kumaFilisti okungenani ngenxa
yelilodwa lamehlo ami.”[f]

**29** Ngemva kwalokho uSam-
soni wabambelela ezinsike-
ni ezimbili ezazimaphakathi
ezazisekele indlu, wazimele-
la kuzo, kwenye ngesandla so-
kudla kwenye ngesobunxele.
**30** USamsoni wamemeza wa-
thi: “Mangife kanye nala ma-
Filisti!” Wayesedudula izinsika
ngawo wonke amandla akhe,

indlu yawela phezu kwamakho-
si naphezu kwabo bonke aba-
ntu ababekuyo.[a] Ngakho baba
baningi ababulala lapho efa ku-
nalabo ayebabulale ngesikha-
thi esaphila.[b]
**31** Kamuva abafowabo nawo
wonke umndeni kayise be-
hla bayomlanda. Benyuka naye
bafike bamngcwaba phakathi
kweZora[c] ne-Eshitawoli ethu-
neni likayise uManowa.[d] Waye-
be ngumahluleli ka-Israyeli imi-
nyaka engu-20.[e]

**17** Kwakukhona umuntu wa-
sezintabeni zakwa-Efra-
yimi,[f] igama lakhe kunguMi-
ka. **2** Wathi kunina: “Izinhla-
mvu zesiliva ezingu-1 100 eze-
biwa kuwe nowaziqalekisa ngi-
zwa—lelo siliva likimi. Yimi
owalithatha.” Lapho ezwa lo-
kho unina wathi: “Kwangathi
uJehova angayibusisa indoda-
na yami.” **3** Ngakho wazibuyi-
sela kunina lezo zinhlamvu ze-
siliva ezingu-1 100, kodwa uni-
na wathi: “Nakanjani ngizolini-
kela kuJehova leli siliva elise-
sandleni sami ngenxa yendoda-
na yami, ukuze lisetshenzise-
lwe ukwenza umfanekiso oqo-
shiwe nesithombe sensimbi.*[g]
Manje ngilibuyisela kuwe.”
**4** Ngemva kokubuyisela isili-
va kunina, unina watha-
tha izinhlamvu zesiliva ezingu-
200 wazinika umuntu osebe-
nza ngesiliva. Lo muntu we-
nza umfanekiso oqoshiwe ne-
sithombe sensimbi;* kwabe-
kwa endlini kaMika. **5** UMi-
ka lo wayenendlu yonkulunku-
lu, wabe esenza i-efodi[h] nezi-
thombe zamatherafi,*[i] wabeka
enye# yamadodana akhe ukuba
ikhonze njengompristi wakhe.[a]
**6** Ngalezo zinsuku kwakunge-
kho nkosi kwa-Israyeli.[b] Yilo-
wo nalowo wayenza okulungile
emehlweni akhe.*[c]
**7** Kwakukhona insizwa ethi-
le yaseBhetlehema[d] lakwaJu-
da eyayingeyomndeni wa-
kwaJuda. YayingumLevi,[e] isi-
nesikhathi ihlala lapho. **8** Lo
muntu wasuka edolobheni la-
seBhetlehema kwaJuda wayo-
funa indawo yokuhlala. Eku-
hambeni kwakhe, wafika ezi-
ntabeni zakwa-Efrayimi, endli-
ni kaMika.[f] **9** UMika wathi
kuye: “Uvelaphi?” Waphendu-
la wathi: “NgingumLevi wa-
seBhetlehema kwaJuda, ngiha-
mbe ngifuna indawo yoku-
hlala.” **10** Ngakho uMika wa-
thi kuye: “Hlala nami ube uba-
ba* nompristi wami. Ngizoku-
nika izinhlamvu zesiliva eziyi-
shumi ngonyaka, izimpahla
zokugqoka nokudla.” Ngakho
lo mLevi wangena ngaphaka-
thi. **11** Wavuma kanjalo um-
Levi ukuhlala noMika, le nsi-
zwa yaba njengenye yamado-
dana akhe. **12** Ngaphezu kwa-
lokho, uMika wabeka lo mLe-
vi* ukuba akhonze nje-
ngompristi wakhe,[g] wayesehla-
la endlini kaMika. **13** UMika
wathi: “Manje sengiyazi uku-
thi uJehova uzongenzela oku-
hle, ngoba umLevi usengum-
pristi wami.”

**18** Ngalezo zinsuku kwaku-
ngekho nkosi kwa-Israye-
li.[h] Isizwe sakwaDani[i] sasifuna
indawo* yokuhlala, ngoba kuze
kube yileso sikhathi sasinga-
kayitholi indawo eyanele eyifa

**ISAHL. 16**
a Hlu 16:27
b Hlu 14:19; Hlu 15:7, 8; Hlu 15:15, 16
c Hlu 13:2
d Hlu 13:8
e Hlu 2:16; Hlu 15:20

**ISAHL. 17**
f Jos 17:14, 15
g Eks 20:4; Lev 26:1; Dut 27:15
h Eks 28:6; Hlu 8:27
i Gen 31:19

**Uhla 2**
a Num 3:10; Dut 12:11, 13; 2Kr 13:8, 9
b 1Sa 8:4, 5
c Hlu 21:25
d Mik 5:2
e Num 3:45; Jos 14:3; Jos 18:7
f Hlu 17:1, 5
g Num 3:10; Hlu 17:5

**ISAHL. 18**
h Hlu 8:23; 1Sa 8:4, 5
i Jos 19:40

---

**17:3, 4** *Noma, “esenziwe ngokuncibilikisiwe.” **17:5** *Noma, “nonkulunkulu bomndeni; nezithixo.” #NgesiHebheru, “wagcwalisa isandla senye.”

**17:6** *Noma, “lokho ayecabanga ukuthi kulungile.” **17:10** *Noma, “umeluleki.” **17:12** *NgesiHebheru, “wagcwalisa isandla salo mLevi.” **18:1** *NgesiHebheru, “ifa.”

laso phakathi kwezizwe zakwa-
Israyeli.[a]
**2** AbakwaDani bathumela
amadoda amahlanu esizwe sa-
kubo ukuba ayohlola izwe ali-
bhekisise, amadoda angama-
qhawe, esuka eZora nase-Eshi-
tawoli.[b] Bathi kuwo: "Hamba-
ni niyohlola izwe." Lapho efi-
ka ezintabeni zakwa-Efrayi-
mi, endlini kaMika,[c] alala kho-
na ngalobo busuku. **3** Ngesi-
khathi esondela endlini kaMi-
ka, ezwa izwi alaziyo lensizwa*
engumLevi, abe eseya kuyo afi-
ke athi: "Ubani okulethe lapha?
Wenzani kule ndawo? Ufuna-
ni lapha?" **4** Yabatshela lokho
uMika ayeyenzele khona, yathi:
"Ungiqashile ukuze ngibe um-
pristi wakhe."[d] **5** Athi kuye:
"Sicela usibuzele kuNkulunku-
lu ukuthi uhambo lwethu lu-
zophumelela yini." **6** Umpristi
wathi kuwo: "Hambani ngoku-
thula. UJehova unani oham-
bweni lwenu."
**7** Ngakho la madoda ama-
hlanu aqhubeka aze afika eLa-
yishi.[e] Abona indlela abantu
bakhona ababehleli ngayo ngo-
kuzethemba ngendlela okwa-
kwenza ngayo abaseSidoni. Ba-
benokuthula, bengasoli lutho,[f]
kungenamuntu ocindezelayo
owayehlasela izwe ukuze aba-
phazamise. Babekude kakhulu
nabantu baseSidoni, bengena-
budlelwane namuntu.
**8** Lapho la madoda ebuyela
kubafowabo eZora nase-Eshi-
tawoli,[g] abafowabo bathi kuwo:
"Nihambe kanjani?" **9** Wona
athi: "Masikhuphuke siyolwa
nabo, ngoba sibonile ukuthi
izwe lihle kakhulu. Kungani ni-
nqikaza? Phuthumani ningene
nithathe izwe. **10** Lapho nifi-
ka, niyothola abantu abazikhu-
lulekele nje[a] kanti nezwe liba-
nzi impela. UNkulunkulu uli-
nikele esandleni senu, liyizwe
elingaswele lutho."[b]
**11** Ngemva kwalokho ama-
doda angu-600 ahlomele impi
esizwe sakwaDani, asuka eZo-
ra nase-Eshitawoli.[c] **12** Enyu-
ka amisa amatende eKiriyati-
jeyarimi[d] kwaJuda. Yinga-
kho leyo ndawo, esentshonala-
nga yeKiriyati-jeyarimi, ibizwa
ngokuthi iMahane-dani*[e] kuze
kube namuhla. **13** Asuka la-
pho adlulela ezintabeni zakwa-
Efrayimi aze afika endlini ka-
Mika.[f]
**14** Amadoda amahlanu aye-
kade ehambile eyohlola izwe
laseLayishi[g] athi kubafowabo:
"Benazi yini ukuthi kulezi zi-
ndlu kukhona i-efodi, izitho-
mbe zamatherafi,* umfaneki-
so oqoshiwe nesithombe sensi-
mbi?#[h] Manje nicabanga ukwe-
nzenjani?" **15** Ngakho ama la-
pho angena endlini yale nsi-
zwa engumLevi,[i] emzini kaMi-
ka, ayibuza impilo. **16** Sonke
leso sikhathi, amadoda angu-
600 akwaDani[j] ahlomele impi
ayemi esangweni. **17** Amado-
da amahlanu ayekade eyohlola
izwe[k] angena endlini ayothatha
umfanekiso oqoshiwe, i-efodi,[l]
izithombe zamatherafi*[m] nesi-
thombe sensimbi.#[n] (Umpri-
sti[o] wayemi esangweni nama-
doda angu-600 ahlomele impi.)
**18** Angena endlini kaMika
athatha umfanekiso oqoshiwe,
i-efodi, izithombe zamathera-
fi* nesithombe sensimbi.# Um-
pristi wathi kuwo: "Nenzani?"
**19** Kodwa athi kuye: "Thula.
Yeka ukulokhu ukhuluma,

ISAHL. 18
*a* Jos 19:47, 48; Hlu 1:34
*b* Jos 19:41, 48
*c* Hlu 17:1, 5
*d* Hlu 17:9, 10
*e* Jos 19:47, 48; Hlu 18:29
*f* Hlu 18:27
*g* Jos 15:20, 33; Hlu 18:2

Uhla 2
*a* Hlu 18:7, 27
*b* Eks 3:8; Dut 8:7-9
*c* Hlu 18:2
*d* 1Sa 7:1
*e* Hlu 13:24, 25
*f* Hlu 17:1, 5
*g* Hlu 18:2; Hlu 18:29
*h* Dut 27:15; Hlu 17:4, 5
*i* Hlu 17:7, 12; Hlu 18:30
*j* Hlu 18:11
*k* Hlu 18:2
*l* Eks 28:6; Hlu 8:27
*m* Gen 31:19
*n* Lev 19:4; Dut 27:15; Hlu 17:3-5
*o* Hlu 17:12

**18:3** *Noma, "indlela yokukhuluma yensizwa."

**18:12** *Incazelo: "IKamu LakwaDani." **18:14, 17, 18** *Noma, "onkulunkulu bomndeni; izithixo." **18:14, 17, 18** #Noma, "esenziwe ngokuncibilikisiwe."

hamba nathi ukuze ube ubaba*
nompristi wethu. Yikuphi oku-
ngcono kuwe phakathi kokuba
umpristi endlini yomuntu oye-
dwa[a] nokuba umpristi esizwe-
ni nasemndenini wakwa-Israye-
li?”[b] **20** Umpristi wagculiseka
ngalokho, wayesethatha i-efo-
di, izithombe zamatherafi* no-
mfanekiso oqoshiwe[c] wahamba
nalaba bantu.

**21** Ngemva kwalokho aqhu-
beka nendlela yawo, ahambi-
sa izingane, imfuyo nempahla
yawo eyigugu phambi kwawo.
**22** AbakwaDani base behambe
ibangana ukusuka emzini ka-
Mika lapho amadoda angoma-
khelwane bakaMika ebuthana
futhi ebalandela. Ekugcineni
abafica. **23** Lapho ebameme-
za abakwaDani, baphenduka
bathi kuMika: “Kwenzenjani?
Kungani uze nabantu abaningi
kangaka?” **24** Ngakho wathi:
“Nithathe onkulunkulu bami
engizenzele bona, nathatha
nompristi nahamba naye. Yini
engisasele nayo? Manje ni-
ngasho kanjani kimi ukuthi,
‘Kwenzenjani?’” **25** Abakwa-
Dani bathi kuye: “Ungasithethi-
si; ngale kwalokho, amadoda
athukuthele angase akulimaze,
bese uyafa wena nomndeni wa-
kho.” **26** Ngakho abakwaDani
baqhubeka nendlela yabo; uMi-
ka ebona ukuthi banamandla
kunaye, wajika wabuyela emzi-
ni wakhe.

**27** Ngemva kokuthatha lo-
kho uMika ayekwenzile nompri-
sti wakhe, bahamba baya eLa-
yishi,[d] kubantu ababezihlale-
le ngokuthula bengasoli lu-
tho.[e] Bababulala ngenkemba,
bashisa idolobha labo ngo-
mlilo. **28** Kwakungekho mu-
ntu ozolikhulula, ngoba laliku-
de kakhulu neSidoni, linge-
nabudlelwane namuntu futhi li-
sethafeni* laseBheti-rehobe.[a]
Ngemva kwalokho balakha ka-
busha lelo dolobha base behla-
la kulo. **29** Ngaphezu kwalo-
kho, baqamba leli dolobha ngo-
kuthi kukwaDani,[b] belibiza nge-
gama likayise uDani, owayeza-
lwa u-Israyeli.[c] Kodwa ekuqale-
ni igama laleli dolobha kwaku-
yiLayishi.[d] **30** Ngemva kwalo-
kho abakwaDani bazimisela
umfanekiso oqoshiwe,[e] uJona-
thani[f] indodana kaGereshomu,[g]
indodana kaMose, namadodana
akhe baba ngabapristi besizwe
sakwaDani kwaze kwaba isikha-
thi sokudingiswa. **31** Bawumi-
sa lapho umfanekiso oqoshiwe
owawenziwe uMika, wahlala la-
pho zonke izinsuku indlu ka-
Nkulunkulu weqiniso eyaqhu-
beka ngazo iseShilo.[h]

**19** Ngalezo zinsuku okwaku-
ngekho nkosi ngazo kwa-
Israyeli,[i] umLevi owayehlala
endaweni ekude ezintabeni
zakwa-Efrayimi[j] wathatha isa-
ncinza saseBhetlehema[k] kwa-
Juda ukuba sibe umkakhe.
**2** Kodwa isancinza sakhe sa-
singathembekile kuye, samshi-
ya saya emzini kayise eBhetle-
hema kwaJuda. Sahlala kho-
na izinyanga ezine. **3** Ngemva
kwalokho, umyeni waso wasila-
ndela eyosincenga ukuba sibu-
ye; wayehamba nenceku yakhe
nezimbongolo ezimbili. Nga-
kho samngenisa endlini kayise.
Lapho uyise wentombi embo-
na, wajabula. **4** Ngakho umu-
khwe wakhe, uyise wentombi,
wamncenga ukuba ahlale naye
izinsuku ezintathu; babedla be-
phuza, aze alale khona.

**18:19** *Noma, “umeluleki.” **18:20** *Noma, “onkulunkulu bomndeni; izithixo.”

**18:28** *Noma, “lisethafeni eliphansi.”

ISAHL. 18
a Hlu 17:12
b Hlu 18:30
c Hlu 17:4, 5
d Jos 19:47, 48; Hlu 18:29
e Hlu 18:7, 10

Uhla 2
a Num 13:17, 21
b Jos 19:47, 48; Hlu 20:1; 1Kh 4:25; 1Kh 12:28, 29
c Gen 30:6; Gen 32:28
d Hlu 18:7
e Hlu 17:1, 4; Hlu 18:18
f Hlu 17:12
g Eks 2:21, 22
h Eks 40:2; Jos 18:1; 1Sa 1:3

ISAHL. 19
i 1Sa 8:4, 5
j Jos 17:14, 15
k Gen 35:19; Mik 5:2

**5** Ngosuku lwesine, lapho
bevuka ekuseni kakhulu uku-
ze bahambe, uyise wento-
mbi wathi kumkhwenyana wa-
khe: "Yidla ukuze uthole ama-
ndla,* ngemva kwalokho ni-
ngahamba." **6** Ngakho bahla-
la phansi, bobabili badla ba-
phuza ndawonye; ngemva kwa-
lokho uyise wentombi wathi
kulo muntu: "Ngicela ulale la-
pha namuhla ebusuku, uthoko-
ze."* **7** Lapho lo muntu esu-
kuma efuna ukuhamba, umu-
khwe wakhe wayelokhu em-
ncenga, ngakho waphinde wa-
lala khona.

**8** Lapho evuka ekuseni ka-
khulu ngosuku lwesihlanu uku-
ze ahambe, uyise wentombi wa-
thi: "Ngicela udle ukuze utho-
le amandla."* Balibala kwa-
ze kwaba ntambama, bobabili
babelokhu bedla. **9** Lapho lo
muntu esukuma ukuze ahambe
nesancinza sakhe nenceku ya-
khe, umukhwe wakhe, uyise
wentombi, wathi kuye: "Bhe-
ka! Sekuzohlwa manje. Ngice-
la niphinde nilale lapha. Ila-
nga seliyashona. Lala lapha na-
kulobu busuku uthokoze. Kusa-
sa ningavuka kusesekuseni ni-
phindele ekhaya."* **10** Nokho
lo muntu akazange avume uku-
phinde alale khona, ngakho
wasukuma wahamba waze wa-
yofika eJebusi, okungukuthi
eJerusalema.[a] Wayehamba ne-
zimbongolo zakhe ezimbili, isa-
ncinza sakhe nesikhonzi sa-
khe.

**11** Lapho sebeseduze neJe-
busi, lase liyoshona ilanga.
Ngakho inceku yathi enkosini
yayo: "Kunganjani singene ku-
leli dolobha lamaJebusi sila-
le khona?" **12** Kodwa inko-
si yayo yathi kuyo: "Akufa-
nele singene edolobheni la-
bantu bezinye izizwe abange-
wona ama-Israyeli. Sizoqhu-
beka size siyofika eGibhe-
ya."[a] **13** Yase ithi encekwini
yayo: "Asihambe sizame ukuyo-
fika eGibheya noma eRama;[b] si-
zolala kwenye yalezo zindawo."
**14** Ngakho baqhubeka noha-
mbo lwabo, ilanga labashone-
la lapho sebeseduze neGibheya
kwaBhenjamini.

**15** Ngakho bama eGibheya
bangena ukuze balale kho-
na. Lapho sebengenile ba-
hlala phansi esigcawini sedo-
lobha, kodwa akekho owa-
bangenisa endlini yakhe uku-
ze balale khona.[c] **16** Ekugci-
neni kwaqhamuka ikhehla li-
buya ukuyosebenza emasimi-
ni. Lalingelasezintabeni za-
kwa-Efrayimi,[d] lihlala eGibheya
okwesikhashana; kodwa aba-
ntu bakuleyo ndawo kwaku-
ngabakwaBhenjamini.[e] **17** La-
pho liphakamisa amehlo libo-
na lesi sihambi esigcawini se-
dolobha, leli khehla lathi: "Uya-
phi, futhi uvelaphi?" **18** Le
ndoda yathi: "Sivela eBhetle-
hema kwaJuda siya kude ezi-
ntabeni zakwa-Efrayimi, la-
pho ngidabuka khona. Bengi-
ye eBhetlehema kwaJuda,[f] ma-
nje sengiya endlini kaJeho-
va,* kodwa akekho ongingeni-
sa emzini wakhe. **19** Sino-
tshani nefolishi elanele lezi-
mbongolo zethu,[g] isinkwa[h] ne-
wayini okwanele mina, isanciza
sami nenceku yethu. Asiswe-
le lutho." **20** Nokho, ikhehla
lathi: "Kwangathi ungaba no-
kuthula! Ngicela ukukwenze-
la noma yini oyidingayo.

---

**19:5, 8** *Noma, "ukuze unike inhliziyo yakho amandla." **19:6** *Noma, "ujabulise inhliziyo yakho." **19:9** *NgesiHebheru, "etendeni."

**19:18** *Noma kungaba, "ngikhonza endlini kaJehova."

ISAHL. 19
a Jos 15:8, 63; Jos 18:28; Hlu 1:8

Uhla 2
a Jos 18:28
b Jos 18:21, 25
c Gen 19:2
d Hlu 19:1
e Jos 18:21, 28
f Hlu 19:1, 2
g Gen 24:32
h Gen 18:5; Gen 19:3

Kuphela nje, ungalali esi-
gcawini ebusuku.” **21** Ngakho
lamngenisa endlini yalo, lanika
izimbongolo ukudla.* Ngemva
kwalokho, bageza izinyawo, ba-
dla baphuza.

**22** Ngesikhathi besazijabuli-
sa, kwafika amadoda akule-
lo dolobha angelusizo lwalutho,
azungeza indlu, ashaya umnya-
ngo; elokhu ethi ekhehleni eli-
ngumnikazi womuzi: “Khipha
le ndoda engene endlini yakho
ukuze silale nayo.”[a] **23** Umni-
nindlu waphuma wathi kubo:
“Kahleni bafowethu, ningaye-
nzi into embi kanje. Ngiyanice-
la! Le ndoda iyisivakashi emzi-
ni wami. Ningalenzi ihlazo eli-
nje. **24** Nansi indodakazi yami
eyintombi nto nesancinza sale
ndoda. Ngicela ukunikhiphela
bona, nihlazise bona uma nibo-
na kufanele.*[b] Kodwa ningale-
nzi leli hlazo kule ndoda.”

**25** Kodwa la madoda awa-
vumanga ukulalela, ngakho le
ndoda yabamba isancinza[c] sayo
yasikhiphela kuwo. Asidlwe-
ngula, asihlukumeza ubusuku
bonke kwaze kwaba sekuse-
ni. Ngemva kwalokho asidede-
la sahamba ekuntweleni koku-
sa. **26** Lona wesifazane wafi-
ka kusesekuseni kakhulu wa-
wela phansi emnyango wendlu
yekhehla lapho inkosi yakhe
yayikhona, walala lapho kwa-
ze kwasa. **27** Lapho inkosi ya-
khe ivuka ekuseni ivula iminya-
ngo yendlu ukuze iqhubeke no-
hambo lwayo, yabona lona we-
sifazane, isancinza sayo, elele
emnyango wendlu izandla za-
khe zisesitubhini. **28** Ngakho
yathi kuye: “Sukuma; asiha-
mbe.” Kodwa akaphendulanga
ngoba wayesefile. Lo muntu
wabe esembeka phezu kwe-
mbongolo wasuka wahamba
waya kwakhe.

**29** Lapho efika kwakhe, wa-
thatha ummese omkhulu* wa-
bamba isancinza sakhe wasi-
hlahlela saba amalunga angu-
12, wathumela ilunga ngalinye
esizweni ngasinye sakwa-Isra-
yeli. **30** Bonke abakubona lo-
khu bathi: “Into enjengale ayi-
kaze nanini yenzeke noma ibo-
nwe kusukela ngosuku ama-
Israyeli akhuphuka ngalo ephu-
ma ezweni laseGibhithe kuze
kube namuhla. Yicabangeni,*
nixoxe ngayo[a] bese nisitshela
ukuthi ninqumeni.”

**20** Ngenxa yalokho, wonke
ama-Israyeli aphuma ku-
sukela kwaDani[b] kuze kube se-
Bheri-sheba nasezweni lakwa-
Gileyadi,[c] yonke inhlangano ya-
buthana ngobunye* phambi ku-
kaJehova eMispa.[d] **2** Ngakho
izikhulu zabantu nezazo zo-
nke izizwe zakwa-Israyeli zama
ezindaweni zazo ebandleni la-
bantu bakaNkulunkulu—ama-
sosha angu-400 000 ayimigu-
ndatshani* ayehlome ngezinke-
mba.[e]

**3** AbakwaBhenjamini bezwa
ukuthi amadoda akwa-Israyeli
ayekhuphukele eMispa.

Amadoda akwa-Israyeli aye-
sethi: “Ake nisitshele, yenze-
ke kanjani le nto enyantisa
kangaka?”[f] **4** UmLevi,[g] umye-
ni wowesifazane obulewe, wa-
phendula wathi: “Ngaphambu-
kela eGibheya[h] lakwaBhenja-
mini nesancinza sami, ukuze
silale khona. **5** Ebusuku, aba-
ntu* baseGibheya bangihlase-

**19:21** *Noma, “ifolishi.” **19:24** *Noma, “nihlukumeze bona futhi nenze enikubona kukuhle.”

**19:29** *Ummese wokuhlahlela izilwane. **19:30** *Noma, “Mayibe sezinhliziyweni zenu.” **20:1** *NgesiHebheru, “njengomuntu oyedwa.” **20:2** *Amasosha ahamba phansi. **20:5** *Noma kungaba, “abanikazi bezindawo.”

**ISAHL. 19**
*a* Gen 19:4, 5; Lev 20:13; Rom 1:27; 1Ko 6:9, 10; Jud 7
*b* Gen 19:6-8
*c* Hlu 19:2

**Uhla 2**
*a* Hlu 20:7

**ISAHL. 20**
*b* Jos 19:47, 48; Hlu 18:29
*c* Jos 22:9
*d* 1Sa 7:5; 1Sa 10:17; 2Kh 25:23
*e* Hlu 20:17; 2Sa 24:9
*f* Hlu 19:22
*g* Hlu 19:1, 2
*h* Hlu 19:12, 14

la, bazungeza indlu. Babe-
hlose ukungibulala, kodwa ba-
gcina bedlwengule isancinza
sami, safa.[a] **6** Ngakho ngatha-
tha isidumbu sesancinza sami
ngasihlahlela ngasithumela
kulo lonke izwe lakwa-Israye-
li,[b] ngoba babenze into eyihla-
zo nenyanyekayo kwa-Israyeli.
**7** Manje nonke nina ma-Israye-
li, xoxani ngale ndaba nikhiphe
iseluleko."[c]

**8** Ngakho bonke abantu ba-
vumelana ngazwi linye* bathi:
"Akukho noyedwa kithi ozoya
etendeni lakhe noma ozobuye-
la endlini yakhe. **9** Manje yi-
lokhu esizokwenza ngeGibhe-
ya: Sizokwenza inkatho bese
siyolihlasela.[d] **10** Sizothatha
amadoda angu-10 kwangu-100
kuzo zonke izizwe zakwa-Isra-
yeli, bese sithatha angu-100
kwangu-1 000, sithathe angu-
1 000 kwangu-10 000 ukuze ayo-
landa ukudla kwebutho elizo-
hlasela iGibheya lakwaBhe-
njamini, ngenxa yesenzo esi-
yichilo elisenzile kwa-Israye-
li." **11** Ngakho wonke amado-
da akwa-Israyeli abuthana ngo-
bunye* ukuze alwe neGibheya.

**12** Ngemva kwalokho izizwe
zakwa-Israyeli zathumela ama-
doda kuwo wonke amalungu
esizwe sakwaBhenjamini, za-
thi: "Kungani kwenzeke into
embi kangaka phakathi kwenu?
**13** Manje khiphani lawo mado-
da angelusizo lwalutho alapho
eGibheya[e] ukuze siwabulale, si-
suse ububi kwa-Israyeli."[f] Ko-
dwa abakwaBhenjamini benqa-
ba ukulalela abafowabo aba-
ngama-Israyeli.

**14** Ngakho abakwaBhenja-
mini babuthana ndawonye be-
phuma emadolobheni abo,
baya eGibheya ukuze bayo-
kulwa namadoda akwa-Isra-
yeli. **15** Ngalolo suku emado-
lobheni akwaBhenjamini kwa-
buthwa amadoda ahlome nge-
zinkemba angu-26 000, nga-
phandle kwamadoda ekhethelo
angu-700 aseGibheya. **16** Ku-
leli butho kwakunamadoda
angu-700 ekhethelo ayengama-
nxele. Ngayinye kula madoda
yayikwazi ukujikijela itshe nge-
ndwayimane ingageji ngisho
nonwele.

**17** Amadoda akwa-Israyeli
abutha amadoda angu-400 000
ahlome ngezinkemba,[a] nga-
phandle kwabakwaBhenjamini.
Ngayinye kuwo yayiyiqhawe
elingumakadebona. **18** Asu-
kuma akhuphukela eBhethele
ayobuza kuNkulunkulu.[b] Aba-
ntu bakwa-Israyeli bathi: "Uba-
ni okufanele asihole ukuyolwa
nabakwaBhenjamini?" UJeho-
va wathi: "NguJuda okufanele
anihole."

**19** Ngemva kwalokho ama-
Israyeli avuka ekuseni amisa
amatende ngaseGibheya ukuze
alwe nalo.

**20** Amadoda akwa-Israyeli
abe esephuma ukuze alwe
nabakwaBhenjamini; ahleleka
ukuze abhekane nabo eGi-
bheya. **21** Ngakho abakwa-
Bhenjamini baphuma eGibheya
babulala amadoda akwa-Isra-
yeli angu-22 000 ngalolo suku.
**22** Nokho ibutho lakwa-Isra-
yeli laqunga isibindi laphi-
nde lahlelekela impi endawe-
ni elalikuyo ngosuku lokuqala.
**23** Ngemva kwalokho, ama-
Israyeli akhuphuka akhala pha-
mbi kukaJehova kwaze kwa-
hlwa, abuza kuJehova, athi:
"Ingabe kufanele siphinde
siyolwa nabafowethu, isizwe
sakwaBhenjamini?"[c] UJehova
wathi: "Khuphukani niyolwa
nabo."

20:8, 11 *NgesiHebheru, "njengomuntu oyedwa."

ISAHL. 20
a Hlu 19:25, 26
b Hlu 19:29
c Hlu 19:30
d Hlu 20:18; IzA 16:33
e Hlu 19:22, 25
f Dut 13:5; Dut 17:7; Dut 22:22; 1Ko 5:6, 13

Uhla 2
a Hlu 20:2
b Eks 28:30; Num 27:21; Hlu 20:27
c Hlu 20:28

**24** Ngakho ama-Israyeli aphi-
ndela kwabakwaBhenjamini
ngosuku lwesibili. **25** Aba-
kwaBhenjamini nabo baphu-
ma eGibheya bawahlangabe-
za ngalolu suku lwesibili, babu-
lala amanye ama-Israyeli[a] angu-
18 000, wonke ayehlome nge-
zinkemba. **26** Ngenxa yalokho,
wonke amadoda akwa-Israye-
li akhuphukela eBhethele. Akha-
la, ahlala lapho phambi ku-
kaJehova,[b] azila ukudla[c] ngalo-
lo suku kwaze kwahlwa, anikela
iminikelo eshiswayo[d] neminike-
lo ehlanganyelwayo[e] phambi ku-
kaJehova. **27** Ngemva kwalo-
kho amadoda akwa-Israyeli abu-
za kuJehova,[f] ngoba umphongo-
lo wesivumelwano kaNkulunku-
lu weqiniso wawulapho ngalezo
zinsuku. **28** UFinehasi[g] indo-
dana ka-Eleyazare, indodana
ka-Aroni, wayekhonza* phambi
kwawo ngalezo zinsuku. Abuza
athi: "Ingabe namanje kufane-
le siphinde siphume siyolwa na-
bafowethu, amadoda akwaBhe-
njamini noma kufanele siye-
ke?"[h] UJehova waphendula wa-
thi: "Khuphukani, ngoba ku-
sasa ngizobanikela esandleni
senu." **29** U-Israyeli wabe ese-
beka abazocutha[i] bazungenza
iGibheya.

**30** Ama-Israyeli akhuphuka
ayokulwa nabakwaBhenjamini
ngosuku lwesithathu, ahleleka
ukuze alwe neGibheya njenga-
kwezinye izikhathi.[j] **31** La-
pho abakwaBhenjamini bephu-
ma beyohlangabeza ibutho le-
mpi, ama-Israyeli abadonsela
kude nedolobha.[k] Njengakwezi-
nye izikhathi, baqala ukubula-
la amanye amadoda emigwa-
qweni emikhulu, omunye wayo
uya eBhethele kanti omunye
uya eGibheya, bashiya amado-
da angaba ngu-30 akwa-Isra-
yeli edindilizile esigangeni.[a]
**32** Ngakho abakwaBhenjamini
bathi: "Siyabanqoba njengase-
kuqaleni."[b] Kodwa ama-Isra-
yeli athi: "Sizobaleka siba-
holele kude nedolobha labo,
beze emigwaqweni emikhulu."
**33** Ngakho wonke amasosha
akwa-Israyeli avuka ezinda-
weni zawo ahlelekela impi
eBhali-tamari ngesikhathi ama-
Israyeli ayecuthile ephuma la-
pho ayecashe khona eduze ne-
Gibheya. **34** Ngakho amado-
da ekhethelo angu-10 000 aye-
thathwe kuwo wonke u-Israye-
li eza phambi kweGibheya,
impi yayishubile. Kodwa aba-
kwaBhenjamini babengazi uku-
thi base bezobhekana nenhle-
kelele.

**35** UJehova wabehlula aba-
kwaBhenjamini[c] phambi kuka-
Israyeli, ngalolo suku ama-
Israyeli abulala amadoda angu-
25 100 kwaBhenjamini, wonke
ayehlome ngezinkemba.[d]

**36** Nokho, abakwaBhenja-
mini babecabanga ukuthi ama-
doda akwa-Israyeli azohlulwa
lapho ebalekela abakwaBhenja-
mini,[e] kodwa ayebaleka ngo-
ba ethembele kulabo ababe-
cuthile ayebabeke ngaseGi-
bheya.[f] **37** Ababecuthile ba-
shesha bagijimela eGibheya.
Ngemva kwalokho ababecuthi-
le basakazeka kulo lonke idolo-
bha babulala bonke abantu ba-
khona ngenkemba.

**38** Manje amadoda akwa-
Israyeli ayehlele ukuba amado-
da ayecuthele idolobha ashu-
nqise intuthu uma esekulo
ukuze abone.

**39** Lapho ama-Israyeli ebale-
ka empini, amadoda akwaBhe-
njamini ashaya abulala amado-
da akwa-Israyeli angaba ngu-

---

**ISAHL. 20**
a Hlu 20:21
b Hlu 20:23
c 2Kr 20:3; Ezr 8:21
d Lev 1:3
e Lev 3:1
f Num 27:21; Hlu 20:18
g Eks 6:25; Num 25:7
h Hlu 20:23
i Jos 8:3, 4
j Hlu 20:20, 22
k Hlu 20:36

**Uhla 2**
a Hlu 20:39
b Hlu 20:21, 25
c Hlu 20:28, 48
d Hlu 20:14, 15; Hlu 20:46
e Hlu 20:31
f Hlu 20:29

---

**20:28** *NgesiHebheru, "wayemi."

30,[a] ethi: “Nakanjani siyaba-
nqoba futhi njengasempini yo-
kuqala.”[b] **40** Kodwa kwaqala
ukwenyuka uphawu oluyintu-
thu enkulu lusuka edolobhe-
ni. Lapho amadoda akwaBhe-
njamini ebheka emuva, abona
lonke idolobha lisha ubuhangu-
hangu. **41** Amadoda akwa-
Israyeli abe esephenduka, ama-
doda akwaBhenjamini aphe-
la amandla, ngoba abona uku-
thi ayesebhekene nenhlekelele.
**42** Ngakho awabalekela ama-
doda akwa-Israyeli abheka nga-
sehlane, kodwa impi yawala-
ndela; amadoda ayephuma edo-
lobheni nawo ababulala aba-
kwaBhenjamini. **43** Ama-Isra-
yeli abaqhamukela nxazonke
abakwaBhenjamini, elokhu eba-
jaha engayeki. Abagxoba pha-
mbi kweGibheya ngasempu-
malanga. **44** Ekugcineni kwa-
fa amadoda akwaBhenjamini
angu-18 000, wonke ayengama-
qhawe anamandla.[c]

**45** Amadoda akwaBhenja-
mini aphenduka, abaleka abhe-
ka ehlane entabeni yaseRimo-
ni,[d] ama-Israyeli abulala* ama-
doda angu-5 000 kuwo emi-
gwaqweni emikhulu, aqhube-
ka ewajaha aze afika eGidomi;
abulala amanye amadoda angu-
2 000. **46** Bonke abakwaBhe-
njamini abafa ngalolo suku
kwakungamadoda angu-25 000
ahlome ngezinkemba,[e] wo-
nke engamaqhawe anamandla.
**47** Kodwa amadoda angu-600
abalekela ehlane entabeni ya-
seRimoni, ahlala entabeni ya-
seRimoni izinyanga ezine.

**48** Amadoda akwa-Israyeli
abuya ekulweni nabakwaBhe-
njamini abulala ababesele edo-
lobheni ngenkemba, kusukela
kubantu kuya emfuyweni, ko-
nke okwakusele. Bashisa nawo
wonke amadolobha ababedlula
kuwo.

**21** Amadoda akwa-Israyeli
ayenze lesi sifungo eMi-
spa:[a] “Akekho kithi ozotha-
tha indodakazi yakhe ayigani-
sele indoda yakwaBhenjami-
ni.”[b] **2** Ama-Israyeli eza eBhe-
thele[c] ahlala lapho phambi ku-
kaNkulunkulu weqiniso kwaze
kwahlwa, ekhala kakhulu, elu-
sizi. **3** Ayethi: “Jehova Nkulu-
nkulu ka-Israyeli, kungani kwe-
nzeke into enje kwa-Israyeli?
Kungani esinye isizwe sibhuqi-
we namuhla kwa-Israyeli?”
**4** Ngosuku olulandelayo aba-
ntu bavuka ekuseni bakha
i-altare lapho banikela iminike-
lo eshiswayo neminikelo ehla-
nganyelwayo.[d]

**5** Abantu bakwa-Israyeli ba-
thi: “Yisiphi isizwe ezizweni za-
kwa-Israyeli esingazange sibu-
thane kanye nathi phambi ku-
kaJehova ngesikhathi siseMi-
spa?” ngoba babenze isifungo
sokuthi noma ubani ongazange
akhuphukele kuJehova eMispa
kufanele abulawe nakanjani.
**6** Abantu bakwa-Israyeli bada-
buka ngalokho okwakwenzeke
kwabakwaBhenjamini abafo-
wabo. Bathi: “Namuhla isizwe
esisodwa sinqunyiwe kwa-Isra-
yeli. **7** Sizokwenzenjani uku-
ze sitholele labo abasele kwa-
Bhenjamini abafazi, njengoba
thina sifunge uJehova[e] uku-
thi ngeke sibaganisele amado-
dakazi ethu?”[f]

**8** Babuza bathi: “Yisiphi
isizwe ezizweni zakwa-Isra-
yeli esingazange sikhuphu-
kele kuJehova eMispa?”[g] Kwa-
tholakala ukuthi akukho mu-
ntu owayevela eJabeshi-gileya-
di owayefike ekamu lapho
ibandla lalikhona. **9** Lapho
kubalwa abantu, baqaphela

**20:45** *NgesiHebheru, “akhothoza.”

ISAHL. 20
a Hlu 20:31
b Hlu 20:21, 25
c Hlu 20:15
d Hlu 21:13
e Hlu 20:15, 35

Uhla 2

ISAHL. 21
a Hlu 20:1
b Hlu 21:18
c Hlu 20:18, 26
d Lev 3:1
e Lev 5:4
Lev 19:12
Mat 5:33
f Hlu 21:1, 18
g Hlu 20:1

ukuthi kwakungekho muntu
lapho ovela kubantu base-
Jabeshi-gileyadi. **10** Ngakho
inhlangano yathumela amado-
da angamaqhawe angu-12 000
khona. Yawayala yathi: "Ha-
mbani niyobulala abantu ba-
seJabeshi-gileyadi ngenkemba,
ngisho nabesifazane nabantwa-
na.[a] **11** Nakhu okufanele ni-
kwenze: Kufanele nibulale bo-
nke abesilisa nabo bonke abe-
sifazane, nishiye kuphela abe-
sifazane abangakaze balale ne-
ndoda." **12** Kubantu baseJa-
beshi-gileyadi bathola amanto-
mbazane angu-400 ayizintombi
nto, ayengakaze alale nendoda.
Ngakho bawaletha ekamu eShi-
lo,[b] ezweni laseKhanani.

**13** Ngemva kwalokho yonke
inhlangano yakwa-Israyeli ya-
thumela umyalezo kubantu ba-
kwaBhenjamini entabeni yase-
Rimoni[c] yabathembisa ukuthu-
la. **14** Ngaleso sikhathi aba-
kwaBhenjamini babuyela ezwe-
ni labo. Yabanika abesifazane
baseJabeshi-gileyadi[d] eyayi-
ngababulalanga, kodwa babe-
nganele. **15** Abantu badabu-
ka ngalokho okwakwenze-
ke kubantu bakwaBhenjami-
ni[e] ngoba uJehova wayebange-
le uqhekeko phakathi kwezi-
zwe zakwa-Israyeli. **16** Ama-
doda amadala enhlangano athi:
"Yini okufanele siyenze ukuze
sitholele amadoda asele abafa-
zi, njengoba bonke abesifazane
beqothuliwe kwaBhenjamini?"
**17** Athi: "Kufanele kube nefa
lalabo abasindile bakwaBhe-
njamini, ukuze kungaqothu-
lwa sizwe kwa-Israyeli. **18** Ko-
dwa asivunyelwe ukubaganise-
la amadodakazi ethu, ngoba
abantu bakwa-Israyeli bafungi-
le, bathi: 'Uqalekisiwe umuntu
oganisela abakwaBhenjamini
ngendodakazi yakhe.'"[f]

**19** Ngemva kwalokho athi:
"Kukhona umkhosi kaJeho-
va owenziwa unyaka nonyaka
eShilo,[a] elisenyakatho ye-
Bhethele, ngasempumalanga
yomgwaqo omkhulu osuka
eBhethele ukhuphukele eShe-
kemi, eningizimu yeLebona."
**20** Ngakho athi emadodeni
akwaBhenjamini: "Hambani ni-
fike nicashe emasimini amagi-
lebhisi. **21** Lapho nibona izi-
ntombi* zaseShilo ziphuma zi-
yodansa, ngamunye wenu ku-
fanele aphume emasimini ama-
gilebhisi azithwalele umfazi
ezintombini zaseShilo, bese ni-
buyela ezweni lakwaBhenja-
mini. **22** Uma kwenzeka oyi-
se noma abafowabo beza be-
zokhalaza, siyobe sesithi kubo,
'Siboniseni umusa ngokuthi
nibasize, ngoba asikwazanga
ukubatholela abafazi abenele
empini.[b] Ngaphezu kwalokho,
beningeke nikwazi ukubanike-
za abafazi kodwa ningabi naca-
la.'"[c]

**23** Ngakho amadoda akwa-
Bhenjamini enza ngayo kanye
leyo ndlela, ngayinye yazithwa-
lela umfazi kwabesifazane aba-
bedansa. Ngemva kwalokho,
abuyela efeni lawo afike akha
kabusha amadolobha awo[d] aye-
sehlala kuwo.

**24** Ngaleso sikhathi ama-
Israyeli ahlakazeka esuka la-
pho, yilowo nalowo waya esi-
zweni sakubo nasemndenini
wakubo; ahamba lapho, yilowo
nalowo waya efeni lakhe.

**25** Ngalezo zinsuku kwaku-
ngenankosi kwa-Israyeli.[e] Yilo-
wo nalowo wayenza okulungile
emehlweni akhe.*

21:21 *NgesiHebheru, "amadodakazi."
21:25 *Noma, "lokho ayecabanga ukuthi kulungile."

ISAHL. 21
a Hlu 21:5
b Jos 18:1
c Hlu 20:46, 47
d Hlu 21:8, 12
e Hlu 21:6
f Lev 19:12; Hlu 21:1

Uhla 2
a Jos 18:1
b Hlu 21:12, 14
c Hlu 21:1, 18
d Hlu 20:48
e Hlu 17:6; 1Sa 8:4, 5

# URUTHE

## UHLU LOKUPHAKATHI


1 Umndeni ka-Elimeleki uthuthela kwaMowabi (1, 2)
UNawomi, u-Orpa noRuthe baba abafelokazi (3-6)
URuthe uba qotho kuNawomi nakuNkulunkulu wakhe (7-17)
UNawomi ubuyela eBhetlehema noRuthe (18-22)

2 URuthe ukhothoza ensimini kaBhowazi (1-3)
URuthe uhlangana okokuqala noBhowazi (4-16)
URuthe utshela uNawomi ngendlela uBhowazi anomusa ngayo (17-23)

3 UNawomi unikeza uRuthe iziyalezo (1-4)
URuthe noBhowazi basesibuyeni (5-15)
URuthe ubuyela kuNawomi (16-18)

4 UBhowazi uba ngumhlengi (1-12)
UBhowazi noRuthe bazala u-Obede (13-17)
Uhlu lozalo lukaDavide (18-22)


**1** Ngesikhathi kusabusa* aba-
hluleli[a] kwaba khona indla-
la ezweni; umuntu othile wa-
thutha eBhetlehema[b] kwaJu-
da wayohlala endaweni ya-
kwaMowabi,[c] yena nomka-
khe namadodana akhe amabili.
**2** Igama lalo muntu kwakungu-
Elimeleki,* igama lomkakhe ku-
nguNawomi,# amagama amado-
dana akhe kunguMahaloni△ no-
Kiliyoni.⊠ Babengabase-Efratha
bevela eBhetlehema kwaJuda.
Bafika endaweni yakwaMowabi
bahlala khona.
**3** Ngokuhamba kwesikhathi,
u-Elimeleki umyeni kaNawomi
washona, uNawomi wasala na-
madodana akhe amabili. **4** Ka-
muva la madodana ashada na-
besifazane bakwaMowabi; iga-
ma lomunye kwakungu-Orpa,
elomunye kunguRuthe.[d] Ba-
qhubeka behlala lapho imi-
nyaka engaba yishumi. **5** Nge-
mva kwalokho, uMahaloni noKi-
liyoni nabo bashona, uNawomi
wasala engasenabo abantwa-
na nomyeni. **6** Ngakho wasu-
ka endaweni yakwaMowabi no-
malokazana bakhe wabuyela
emuva, ngoba wayezwile ekwa-
Mowabi ukuthi uJehova waye-
banakile abantu bakhe ngoku-
banika ukudla.*
**7** Wahamba endaweni aye-
hlala kuyo nomalokazana ba-
khe. Njengoba behamba nge-
ndlela bebuyela ezweni lakwa-
Juda, **8** uNawomi wathi koma-
lokazana bakhe: “Hambani, bu-
yelani emuva, yilowo nalowo
emzini kanina. Kwangathi uJe-
hova anganibonisa uthando olu-
qotho,[a] njengoba nje nilubonisi-
le kimi nasemadodaneni ami
asefile. **9** Kwangathi uJehova
angenza* ngamunye wenu atho-
le ukulondeka# emzini womyeni

---

**1:1** *NgesiHebheru, “kusahlulela.” **1:2** *Incazelo: “UNkulunkulu Wami UyiNkosi.” #Incazelo: “Injabulo Yami.” △Kungenzeka livela egameni lesiHebheru elisho “ukuba buthaka; ukugula.” ⊠Incazelo: “Owehlulekayo; Osezokufa.”

**1:6** *NgesiHebheru, “isinkwa.” **1:9** *Noma, “anganipha isipho.” #NgesiHebheru, “indawo yokuphumula.”

**ISAHL. 1**
a Hlu 2:16
b Mik 5:2
c Gen 19:36, 37; Dut 2:9; Hlu 3:30
d Mat 1:5

**Uhla 2**
a Eks 34:6; Rut 2:20

wakhe."[a] Wabe esebaqabula,
base bekhala kakhulu. **10** Ba-
belokhu bethi kuye: "Cha, sizo-
hamba nawe siye kubantu baki-
ni." **11** Kodwa uNawomi wathi:
"Buyelani emuva, madodakazi
ami. Kungani kufanele niha-
mbe nami? Ngisengakwazi yini
mina ukuzala amadodana anga-
ba abayeni benu?[b] **12** Buyela-
ni emuva, madodakazi ami. Ha-
mbani, ngoba mina sengimda-
la kakhulu ukuba ngingasha-
da. Ngisho noma bengingatho-
la umyeni namuhla ebusuku fu-
thi ngizale amadodana, **13** be-
niyowalinda yini aze akhule? Be-
niyohlala yini ningashadi nge-
nxa yawo? Cha, madodakazi
ami, ngilusizi kakhulu ngani,
ngoba isandla sikaJehova sime-
lane nami."[c]

**14** Baphinde bakhala ka-
khulu, okwathi ngemva kwalo-
kho u-Orpa waqabula uninaza-
la, wabe esehamba. Kodwa
uRuthe wanamathela kuye.
**15** Ngakho uNawomi wathi:
"Lalela, umnakwenu ongumfe-
lokazi usebuyele kubantu ba-
kubo nakonkulunkulu bakhe.
Buyela emuva nomnakwenu."

**16** Kodwa uRuthe wathi:
"Ungangincengi ukuba ngiku-
shiye, ukuba ngibuyele emuva
ngingahambi nawe; ngoba lapho
uya khona ngizoya khona nami,
nalapho ulala khona nami ngi-
zolala khona. Abantu bakini ba-
zoba ngabantu bakithi, no-
Nkulunkulu wakho abe nguNku-
lunkulu wami.[d] **17** Lapho ufe-
la khona nami ngiyofela kho-
na, futhi yilapho ngiyongcwa-
tshwa khona. Kwangathi uJeho-
va angangijezisa kanzima uma
mina nawe siyohlukaniswa enye
into ngaphandle kokufa."

**18** Lapho uNawomi ebo-
na ukuthi uRuthe uyaphikele-
la ngokuthi uzohamba naye, wa-
yeka ukumncenga. **19** Bobabi-
li baqhubeka nendlela yabo
baze bafika eBhetlehema.[a] Kwa-
thi nje lapho befika eBhetlehe-
ma, lonke idolobha lavungama
ngenxa yabo, abesifazane babe-
thi: "Akuyena yini uNawomi lo?"
**20** Yena wayethi kwabesifaza-
ne: "Ningangibizi ngokuthi ngi-
nguNawomi.* Ngibizeni ngoku-
thi nginguMara,# ngoba uMni-
nimandla Onke wenze ukuphi-
la kwami kwaba lusizi kakhu-
lu.[b] **21** Nganginakho konke la-
pho ngihamba, kodwa uJehova
ungenze ngabuya ngingasenalu-
tho. Kungani kufanele ningibize
ngokuthi nginguNawomi, kube
kunguJehova omelane nami fu-
thi kunguMninimandla Onke
ongibangele usizi?"[c]

**22** Wabuya kanjalo-ke uNa-
womi kwaMowabi,[d] ehamba
noRuthe umalokazana wakhe
ongumMowabikazi. Bafika eBhe-
tlehema ekuqaleni kokuvunwa
kwebhali.[e]

**2** UNawomi wayenesihlobo
esasicebe kakhulu, singe-
somndeni ka-Elimeleki, igama
laso kunguBhowazi.[f]

**2** URuthe, owesifazane wa-
kwaMowabi, wathi kuNawo-
mi: "Ngicela ukuya emasimi-
ni ngiyokhothoza[g] izixha zo-
kudla okusanhlamvu ngilande-
le noma ubani oyongibonisa
umusa." Ngakho uNawomi wa-
thi kuye: "Hamba ndodakazi
yami." **3** Wabe esehamba wa-
yokhothoza ensimini ngemva
kwabavuni. Wazithela ensimi-
ni kaBhowazi,[h] owayengowom-
ndeni ka-Elimeleki.[i] **4** Kuse-
njalo, kwafika uBhowazi eve-
la eBhetlehema, wathi kubavu-
ni: "UJehova abe nani." Baphe-
ndula bathi: "UJehova akubusi-
se."

---

1:20 * Incazelo: "Injabulo Yami." # Incazelo: "Usizi."

ISAHL. 1
a Rut 3:1
b Dut 25:5, 6
c Rut 1:20
d Rut 2:11, 12

Uhla 2
a Rut 1:1, 2
b Rut 1:13
c Rut 1:3, 5
d Num 21:13
Rut 1:1
e Rut 2:23

ISAHL. 2
f Rut 2:20
Rut 4:21, 22
Mat 1:5
Luk 3:23, 32
g Lev 23:22
Dut 24:19
h Rut 2:20
i Rut 1:2

**5** Ngemva kwalokho uBhowazi wabuza insizwa eyayiphethe abavuni wathi: "Eyakwabani le ntokazi?" **6** Insizwa eyayiphethe abavuni yaphendula yathi: "Le ntokazi ingumMowabikazi,[a] ibuye noNawomi kwaMowabi.[b] **7** Ithe, 'Ngicela ungivumele ngikhothoze,[c] ngizolandela abavuni ngibuthe izixha* zokudla okusanhlamvu ezisele.' Ibilokhu imile kusukela ekuseni kuze kube manje, njengoba isiphumula isikhashana emphemeni."

**8** UBhowazi wabe esethi kuRuthe: "Lalela ndodakazi yami. Ungahambi uyokhothoza kwenye insimu, ungayi kwenye indawo; hlala eduze kwamantombazane ami.[d] **9** Amehlo akho mawabe sensimini ayivunayo, futhi uhambe nawo. Ngiziyalile izinsizwa ukuba zingakuthinti.* Uma womile, ubohamba uyophuza ezitsheni zamanzi akhiwe yizinsizwa."

**10** Lapho ezwa lokho waguqa wayesekhothama wathi kuye: "Kwenzeke kanjani ukuba ungibonise umusa futhi kungani uye wanginaka, ngibe ngingowesinye isizwe?"[e] **11** UBhowazi waphendula wathi kuye: "Kubikiwe kimi konke okwenzele umamezala wakho ngemva kokufa komyeni wakho, nendlela owashiya ngayo uyihlo nonyoko nezwe lezihlobo zakho weza esizweni obungazi.[f] **12** Kwangathi uJehova angakuvuza ngalokho okwenzile,[g] futhi kwangathi ungathola inkokhelo ephelele evela* kuJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, oze ukuzofuna isiphephelo ngaphansi kwamaphiko akhe."[h] **13** Waphendula wathi: "Kwangathi ungaqhubeka ungibonisa umusa, nkosi yami, ngoba ungiduduzile futhi ungiqinisekisile,* nakuba mina ngokwami ngingeyona enye yezinceku zakho."

**14** UBhowazi wathi kuye ngesikhathi sokudla: "Sondela lapha, uhlephule isinkwa ugcobhoze ucezu lwakho kuviniga." Ngakho wahlala phansi eceleni kwabavuni. Wabe esemnika ukudla okusanhlamvu okugazingiwe, wadla wasutha, okunye kwaze kwasala. **15** Lapho esukuma ukuze akhothoze,[a] uBhowazi wayala izinsizwa zakhe, wathi: "Mvumeleni akhothoze ngisho naphakathi kwezixha* zokudla okusanhlamvu ezingakabuthwa, ningamhluphi.[b] **16** Niqiniseke nokuthi nimkhiphela izixha zokudla okusanhlamvu ezithungweni, nizishiye ngemuva ukuze akhothoze, ningamenqabeli."

**17** Ngakho waqhubeka ekhothoza ensimini kwaze kwaba kusihlwa.[c] Lapho ebhula lokho ayekukhothozile, kwaba yinto engaba i-efa* lebhali. **18** Wakuthatha wangena edolobheni, uninazala wakubona lokho ayekukhothozile. Ngemva kwalokho uRuthe wabe esekhipha ukudla ayekushiye[d] lapho esesuthi wamnika kona.

**19** Uninazala wathi kuye: "Ukhothoze kuphi namuhla? Usebenze kuphi? Kwangathi lowo okubonise umusa angabusiswa."[e] Ngakho wamtshela uninazala ukuthi wayesebenze nobani, wathi: "Igama lomuntu engisebenze naye namuhla nguBhowazi." **20** Kulokho uNawomi wathi kumalokazana

ISAHL. 2
- a Rut 1:3, 4
- b Rut 1:16, 22
- c Lev 23:22; Dut 24:19
- d Rut 2:22
- e Eks 23:9; Lev 19:34
- f Rut 1:14, 16
- g Rut 4:11, 17; Mat 1:5, 16
- h Hu 17:8; Hu 36:7; Hu 57:1; Hu 63:7

Uhla 2
- a Lev 19:9; Rut 2:2
- b Rut 2:9
- c Rut 2:7
- d Rut 2:14
- e Hu 41:1

2:7 *Noma kungaba, "ezithungweni." 2:9 *Noma, "zingakuhluphi." 2:12 *Noma, "umvuzo ogcwele ovela."

2:13 *NgesiHebheru, "ukhulume nenhliziyo yenceku yakho." 2:15 *Noma kungaba, "kwezithungo." 2:17 *Okungaba ngu-22 L (okungaba u-13 kg). Bheka iSithasiselo B14.

wakhe: "Kwangathi uJeho-
va, ongahlulekanga ukuboni-
sa uthando oluqotho kwabaphi-
layo nakwabafile,[a] angambusi-
sa." UNawomi waqhubeka wa-
thi: "Lowo muntu uhlobene na-
thi.[b] Ungomunye wabahlengi*
bethu."[c] **21** Khona-ke uRuthe
umMowabikazi wathi: "Uthe fu-
thi kimi, 'Ungasuki eduze kwa-
bavuni bami baze baqede ko-
nke ukuvuna.'"[d] **22** UNawomi
wathi kuRuthe umalokazana
wakhe: "Kungcono ndodakazi
yami ukuba ungasuki emanto-
mbazaneni akhe, ukuze banga-
kukhathazi kwenye insimu."

**23** Ngakho akazange asuke
emantombazaneni kaBhowa-
zi, wakhothoza kwaze kwaphe-
la ukuvunwa kwebhali[e] noku-
vunwa kukakolweni. Waqhube-
ka ehlala noninazala.[f]

**3** Manje uNawomi uninaza-
la wathi kuye: "Ndodakazi
yami, akufanele yini ngikufu-
nele umyeni ozokwenza utho-
le ukulondeka,*[g] ukuze ku-
kuhambele kahle? **2** UBhowa-
zi uyisihlobo sethu.[h] Yena ka-
nye lona obusebenza namanto-
mbazane akhe. Uzobe ehlunga*
ibhali esibuyeni# namuhla kusi-
hlwa. **3** Ngakho geza, ugcobe
amafutha anamakha, ugqoke*
bese wehlela esibuyeni. Unga-
zivezi kuye aze aqede ukudla
nokuphuza. **4** Lapho eselala,
ubheke indawo alala kuyo; uha-
mbe uyomembula ezinyaweni
bese uyalala. Yena uzokutshela
okufanele ukwenze."

**5** Waphendula wathi: "Konke
okushoyo kimi ngizokwenza."
**6** Ngakho wahamba waya esi-
buyeni wenza konke uninaza-
la ayemyale ngakho. **7** Phaka-
thi naleso sikhathi uBhowazi
wadla waphuza, futhi inhliziyo
yakhe yayeneme. Wabe eseha-
mba wayolala eceleni kwenqwa-
ba yokudla okusanhlamvu. Nge-
mva kwalokho uRuthe weza
ngokunyenya wamembula ezi-
nyaweni walala. **8** Kwathi pha-
kathi kwamabili uBhowazi wa-
qala ukuqhaqhazela, ngakho
wavuka, futhi wabona owesi-
fazane elele ezinyaweni zakhe.
**9** Wathi: "Ungubani wena?"
Yena wathi: "NginguRuthe ince-
kukazi yakho. Yelulela ingu-
bo* yakho phezu kwencekuka-
zi yakho ngoba nguwe ongum-
hlengi."[a] **10** UBhowazi wathi:
"Kwangathi uJehova angakubu-
sisa, ndodakazi yami. Ulubonise
kakhulu uthando lwakho oluqo-
tho kulokhu kokugcina kunase-
kuqaleni,[b] ngokungalandeli izi-
nsizwa kungakhathaliseki uku-
thi zimpofu noma zicebile.
**11** Manje, ndodakazi yami,
ungesabi. Ngizokwenzela konke
okushoyo,[c] ngoba wonke umu-
ntu kule ndawo* uyazi ukuthi
wena ungowesifazane onobuntu
obuhle. **12** Nakuba kuyiqiniso
ukuthi nginalo ilungelo lokuhle-
nga,[d] ukhona onelungelo loku-
hlenga oyisihlobo esiseduze ka-
khulu kunami.[e] **13** Hlala lapha
kulobu busuku, uma ezokuhle-
nga ekuseni, kulungile! Maka-
kuhlenge.[f] Kodwa uma engafuni
ukukuhlenga, mina ngizokuhle-
nga, ngimfunge uJehova, uNku-
lunkulu ophilayo. Lala lapha
kuze kube sekuseni."

**14** Ngakho walala ezinyawe-
ni zakhe kwaze kwaba sekuseni
wayesevuka ngaphambi kokuba
kukhanye. UBhowazi wabe ese-

ISAHL. 2
a Eks 34:6; Rut 1:8; Hu 36:7
b Rut 2:1
c Lev 25:25; Dut 25:5, 6; Rut 3:9, 12
d Rut 2:8
e Rut 1:22
f Rut 1:16

ISAHL. 3
g Rut 1:9
h Rut 2:1, 20

Uhla 2
a Lev 25:25; Dut 25:5, 6; Rut 2:20
b Rut 1:14, 16
c Rut 3:9
d Lev 25:25; Rut 2:20
e Rut 4:1
f Rut 4:5

**2:20** *Okuwukuthi, isihlobo esinelungelo lokukhulula isihlobo. **3:1** *NgesiHebheru, "indawo yokuphumula." **3:2** *Noma, "ela." #Indawo okubhulelwa kuyo ukudla okusanhlamvu. **3:3** *Noma, "ugqoke izingubo zangaphandle."

**3:9** *Noma, "umphetho wengubo." **3:11** *NgesiHebheru, "esangweni labantu bakithi."

thi: “Akufanele kwaziwe ukuthi bekufike owesifazane esibuyeni.” **15** Wabuye wathi: “Letha leyo ngubo yakho yangaphandle oyigqokile, uyivule.” Ngakho wayivula, wamfakela izilinganiso eziyisithupha* zebhali, ngemva kwalokho uBhowazi wahamba wayongena edolobheni.

**16** URuthe wahamba waya kuninazala, owathi: “Kuhambe kanjani,* ndodakazi yami?” Wamtshela konke uBhowazi ayemenzele kona. **17** Wanezela: “Unginike lezi zilinganiso eziyisithupha zebhali, wathi kimi, ‘Ungafiki ungaphethe lutho kunyokozala.’” **18** UNawomi wathi: “Hlala lapha ndodakazi yami, kuze kube yilapho uzwa ukuthi le ndaba iphetha kanjani, ngoba lo muntu ngeke aphumule kuze kube yilapho eseyiphothulile le ndaba namuhla.”

**4** UBhowazi wakhuphukela esangweni ledolobha[a] wahlala khona. Kwabe sekudlula lowo onelungelo lokuhlenga, uBhowazi ayekhulume ngaye.[b] UBhowazi wathi kuye: “We Sibanibani, woza lapha uhlale phansi.” Ngakho waya, wahlala phansi. **2** Ngemva kwalokho uBhowazi wathatha amadoda amadala edolobha[c] ayishumi, wathi kuwo: “Hlalani lapha phansi.” Ahlala phansi.

**3** UBhowazi wathi kowayenelungelo lokuhlenga:[d] “UNawomi, osebuyile kwaMowabi,[e] kumele athengise insimu okwakungeyomfowethu u-Elimeleki.[f] **4** Ngakho, ngicabange ukuthi kufanele ngikubikele, manje ngithi, ‘Yithenge phambi kwezakhamuzi namadoda amadala abantu bakithi.[a] Uma uzoyihlenga, yihlenge. Kodwa uma ungeke uyihlenge, ngitshele ukuze ngazi ngoba nguwe onelungelo lokuyihlenga, mina ngilandela wena.’” Waphendula: “Kulungile ngizoyihlenga.”[b] **5** UBhowazi wabe esethi: “Mhla uyithenga insimu esandleni sikaNawomi, kumele uyithenge nakuRuthe umMowabikazi, umkamufi, ukuze kulondolozwe igama likamufi nefa lakhe.”[c] **6** Owayenelungelo lokuhlenga wathi: “Ngeke ngikwazi ukuyihlenga ngoba ngingase ngilahlekelwe elami ifa. Zihlengele yona ngelungelo lami lokuhlenga, ngoba mina ngeke ngikwazi ukuyihlenga.”

**7** Manje nakhu okwakwenziwa ezikhathini zasendulo kwa-Israyeli ngokuphathelene nelungelo lokuhlenga nokushintshana ngamalungelo, ukuze kuqinisekiswe ukuthi zonke izinto zenziwe ngokusemthethweni: Umuntu kwakufanele akhumule imbadada yakhe[d] ayinike omunye, futhi lena kwakuyindlela yokuqinisekisa isivumelwano kwa-Israyeli. **8** Ngakho lapho lowo owayenelungelo lokuhlenga ethi kuBhowazi: “Zihlengele yona,” wakhumula imbadada yakhe. **9** UBhowazi wabe esethi emadodeni amadala nakubo bonke abantu: “Ningofakazi[e] namuhla bokuthi ngiyakuthenga kuNawomi konke obekungokuka-Elimeleki nakho konke obekungokukaKiliyoni noMahaloni. **10** Ngizithathela noRuthe umMowabikazi, umkaMahaloni, njengomfazi ukuze ngilondoloze igama likamufi nefa lakhe,[f] ukuze igama likamufi lingashabalali phakathi kwabafowabo nasedolobheni lakubo.* Ningofakazi namuhla.”[g]

**ISAHL. 4**

*a* Dut 25:7; IzA 31:23
*b* Rut 3:12
*c* Dut 16:18
*d* Lev 25:25; Dut 25:5, 6; Rut 2:20; Rut 3:9, 12
*e* Rut 1:1, 6
*f* Rut 1:2

**Uhla 2**

*a* Gen 23:18; Jer 32:9, 10
*b* Rut 3:13
*c* Gen 38:7, 8; Dut 25:5, 6
*d* Dut 25:7, 9
*e* Gen 23:18; Rut 4:4; Jer 32:12
*f* Gen 38:7, 8; Dut 25:5, 6
*g* Rut 4:4

**3:15** *Kungenzeka izilinganiso eziyisithupha zamaseya, noma cishe u-44 L (okungaba u-20 kg). Bheka iSithasiselo B14. **3:16** *NgesiHebheru, “Ungubani?”

**4:10** *NgesiHebheru, “nasesangweni lendawo yakubo.”

**11** Kulokhu bonke abantu
ababesesangweni ledolobha
kanye namadoda amadala ba-
thi: “Singofakazi! Kwangathi
uJehova angenza lona wesifa-
zane ongena endlini yakho
ukuba abe njengoRaheli noLe-
ya, bobabili abakha indlu ka-
Israyeli.[a] Kwangathi ungachu-
ma e-Efratha[b] futhi uzenzele
igama elihle* eBhetlehema.[c]
**12** Kwangathi ngenzalo uJeho-
va azokunika yona ngale nto-
mbazane,[d] indlu yakho inga-
ba njengendlu kaPherezi,[e] lowo
uThamari amzalela uJuda.”
**13** Ngakho uBhowazi wam-
thatha uRuthe waba ngumka-
khe. Walala naye futhi uJeho-
va wambusisa wakhulelwa, wa-
zala indodana. **14** Abesifaza-
ne base bethi kuNawomi: “Ma-
kadunyiswe uJehova, ongaku-
shiyanga ungenaye umuntu
ozokuhlenga namuhla. Kwa-
ngathi igama lakhe* lingazi-
wa kwa-Israyeli! **15** Ukwenze*
kwaba ngcono* ukuphila kwa-
kho futhi uyokondla ekugugeni
kwakho, ngoba uzalwe nguma-
lokazana wakho okuthandayo[a]
nongcono kuwe kunamadoda-
na ayisikhombisa.” **16** UNa-
womi wamthatha umntwana
wambeka esifubeni sakhe fu-
thi wamnakekela.* **17** Abesi-
fazane abangomakhelwane ba-
metha igama. Bathi: “UNa-
womi uzalelwe indodana,” fu-
thi bayiqamba ngokuthi u-Obe-
de.[b] Inguyise kaJese,[c] uyise ka-
Davide.
**18** Nalu uhlu lozalo* luka-
Pherezi:[d] UPherezi wazala
uHezironi;[e] **19** uHezironi wa-
zala uRamu; uRamu waza-
la u-Aminadaba;[f] **20** u-Amina-
daba[g] wazala uNaheshoni;
uNaheshoni wazala uSalimoni;
**21** uSalimoni wazala uBhowa-
zi; uBhowazi wazala u-Obe-
de; **22** u-Obede wazala uJe-
se;[h] uJese wazala uDavide.[i]

**4:11** *NgesiHebheru, “umemezele igama.” **4:14, 15** *Okuwukuthi, umzukulu kaNawomi.

**4:15** *Noma, “ukubuyisile.” **4:16** *Noma, “waba umzanyana wakhe.” **4:18** *NgesiHebheru, “Yilezi izizukulwane.”

ISAHL. 4
a Gen 28:3, Gen 35:23-26, Gen 46:15, 18, Gen 46:22, 25
b Gen 35:19
c Rut 1:1, Mik 5:2
d Hu 127:3
e Gen 38:29, Num 26:20, Mat 1:3

Uhla 2
a Rut 1:14, 16
b Mat 1:5, Luk 3:23, 32
c 1Sa 17:12, Isay 11:1, Rom 15:12
d Rut 4:12, Mat 1:2-6
e Gen 46:12, Num 26:21, 1Kr 2:5
f 1Kr 2:9-15
g Eks 6:23
h Rut 4:17, 1Sa 16:1
i 2Sa 7:8, 1Kr 2:13, 15

## EYOKUQALA
# KASAMUWELI

UHLU LOKUPHAKATHI

1 U-Elkana nabafazi bakhe (1-8)
UHana oyinyumba uthandazela ukuthola indodana (9-18)
USamuweli uyazalwa, unikelwa kuJehova (19-28)

2 Umthandazo kaHana (1-11)
Izono zamadodana amabili ka-Eli (12-26)
UJehova wahlulela umndeni ka-Eli (27-36)

3 USamuweli umiswa ukuba abe umprofethi (1-21)

4 AmaFilisti athatha uMphongolo (1-11)
U-Eli namadodana akhe bayafa (12-22)

5 UMphongolo usezweni lamaFilisti (1-12)
UDagoni uyahlaziswa (1-5)
AmaFilisti ayahlushwa (6-12)

6 AmaFilisti abuyisela uMphongolo kwa-Israyeli (1-21)

7 UMphongolo useKiriyati-jeyarimi (1)
USamuweli uyanxusa: 'Khonzani uJehova yedwa' (2-6)
U-Israyeli uyanqoba eMispa (7-14)
USamuweli wahlulela u-Israyeli (15-17)

8 U-Israyeli ufuna ukuba nenkosi (1-9)
USamuweli uxwayisa isizwe (10-18)
UJehova uyavuma ukubanikeza inkosi (19-22)

9 USamuweli uhlangana noSawule (1-27)

10 USawule uyagcotshwa ukuba abe yinkosi (1-16)
USawule wethulwa kubantu (17-27)

11 USawule unqoba ama-Amoni (1-11)
Ubukhosi bukaSawule buyaqiniswa (12-15)

12 Amazwi kaSamuweli okuvalelisa (1-25)
'Ningalandeli izinto eziyize' (21)
UJehova ngeke abashiye abantu bakhe (22)

13 USawule ukhetha ibutho lempi (1-4)
USawule uyagabadela (5-9)
USamuweli usola uSawule (10-14)
U-Israyeli akanazo izikhali (15-23)

14 Ubuqhawe bukaJonathani eMikimashi (1-14)
UNkulunkulu uyazixosha izitha zama-Israyeli (15-23)
USawule ufunga engacabangisisanga (24-46)
Abantu badla inyama enegazi (32-34)
Izimpi zikaSawule; umndeni wakhe (47-52)

15 USawule akalaleli usindisa u-Agagi (1-9)
USamuweli usola uSawule (10-23)
"Ukulalela kungcono kunomhlatshelo" (22)
USawule uyalahlwa ukuba angabe esaba inkosi (24-29)
USamuweli ubulala u-Agagi (30-35)

16 USamuweli ugcoba uDavide njengenkosi elandelayo (1-13)
"UJehova ubona okusenhliziyweni" (7)
Umoya kaNkulunkulu uyasuswa kuSawule (14-17)
UDavide udlalela uSawule ihabhu (18-23)

17 UDavide unqoba uGoliyati (1-58)
UGoliyati uklolodela u-Israyeli (8-10)
UDavide wamukela inselele (32-37)
UDavide ulwa ngegama likaJehova (45-47)

18 Ubungani bukaDavide noJonathani (1-4)
Ukunqoba kukaDavide kwenza uSawule abe nomona (5-9)
USawule uzama ukubulala uDavide (10-19)
UDavide ushada nendodakazi kaSawule, uMikhali (20-30)

19 USawule uyaqhubeka ezonda uDavide (1-13)
UDavide uyaphunyuka kuSawule (14-24)

20 Ukuba qotho kukaJonathani kuDavide (1-42)

21 UDavide udla isinkwa sokubukwa eNobi (1-9)
UDavide uzenza uhlanya eGati (10-15)

22 UDavide use-Adulamu naseMispe (1-5)
USawule uyala ukuba kubulawe abapristi baseNobi (6-19)
U-Abhiyathara uyaphunyuka (20-23)

23 UDavide usindisa idolobha laseKheyila (1-12)
USawule ujaha uDavide (13-15)
UJonathani uqinisa uDavide (16-18)
UDavide usinda ngokulambisa kuSawule (19-29)

24 UDavide usindisa ukuphila kukaSawule (1-22)
UDavide uyamhlonipha ogcotshiwe kaJehova (6)

25 USamuweli uyafa (1)
UNabali wenqaba ukusiza amadoda kaDavide (2-13)
U-Abhigayili wenza ngokuhlakanipha (14-35)
"UJehova uNkulunkulu wakho uyokuvikela" (29)
UJehova ubulala uNabali ongenangqondo (36-38)
U-Abhigayili uba yinkosikazi kaDavide (39-44)

26 UDavide uyaphinda usindisa uSawule (1-25)
UDavide uyamhlonipha ogcotshiwe kaJehova (11)

27 AmaFilisti anika uDavide iZikilagi (1-12)
28 USawule uya kosebenzelana nemimoya e-Eni-dori (1-25)
29 AmaFilisti awamthembi uDavide (1-11)
30 Ama-Amaleki ahlasela futhi ashisa iZikilagi (1-6)
UDavide uthola amandla kuNkulunkulu (6)
UDavide unqoba ama-Amaleki (7-31)
UDavide ubuyisa izithunjwa (18, 19)
Umthetho kaDavide ngokuphathelene nempango (23, 24)
31 Ukufa kukaSawule namadodana akhe amathathu (1-13)

**1** Kwakukhona umuntu othi-
le waseRamatayimi-zofi-
mu*[a] ezintabeni zakwa-Efrayi-
mi,[b] igama lakhe kungu-Elka-
na,[c] indodana kaJerohamu,
indodana ka-Elihu, indodana
kaThohu, indodana kaZufi, um-
Efrayimi. **2** Wayenamakho-
sikazi amabili; igama lomu-
nye kunguHana, elomunye ku-
nguPhenina. UPhenina waye-
nabantwana, kodwa uHana wa-
yengenabantwana. **3** Unyaka
nonyaka lo muntu wayekhu-
phuka esuka edolobheni laku-
bo ukuze ayokhuleka,* anike-
le nomhlatshelo kuJehova wa-
mabutho eShilo.[d] Yilapho ama-
dodana amabili ka-Eli, uHofini
noFinehasi,[e] ayekhonza khona
engabapristi kuJehova.[f]
**4** Ngolunye usuku lapho u-El-
kana enikela umhlatshelo, wasi-
kela umkakhe uPhenina nawo
wonke amadodana akhe nama-
dodakazi akhe inyama yom-
hlatshelo,[g] **5** kodwa uHana wa-
mnika inyama yekhethelo, ngo-
ba nguHana ayemthanda kakhu-
lu; kepha uJehova wayengamni-
kanga abantwana.* **6** Ngaphe-
zu kwalokho, umfazi oyimbangi
yakhe wayehlale emgcona uku-
ze amzwise ubuhlungu ngo-
ba uJehova wayengamnikanga
abantwana. **7** Wayenza kanja-
lo unyaka nonyaka; njalo lapho
uHana ekhuphukela endlini ka-
Jehova,[a] imbangi yakhe yayim-
gcona kangangokuba wayekhala
angadli. **8** Kodwa umyeni wa-
khe u-Elkana wathi kuye: "Hana,
ukhalelani, kungani ungadli, ku-
ngani udabuke kangaka?* Angi-
ngcono yini kuwe kunamadoda-
na ayishumi?"
**9** Khona-ke ngemva kokuba
sebeqedile ukudla nokuphuza
eShilo, uHana waphuma. Nga-
leso sikhathi, u-Eli umpristi
wayehlezi esihlalweni ngase-
nsikeni yomnyango wethempe-
li*[b] likaJehova. **10** UHana wa-
yedabuke kakhulu,* waqala
ukuthandaza kuJehova[c] wa-
khala kalusizi. **11** Wenza lesi
sithembiso wathi: "O Jehova
wamabutho, uma ungakubheka
ukuhlupheka kwencekukazi ya-
kho ungikhumbule, uma unge-
ke uyikhohlwe incekukazi ya-
kho kodwa uyiphe umntwana
womfana,[d] ngiyokunika yena
Jehova, ukuze akukhonze zo-

**ISAHL. 1**
a 1Sa 1:19; 1Sa 7:15, 17
b Jos 16:5
c 1Kr 6:22, 27
d Eks 23:14; Eks 34:23; Dut 12:5, 6; Jos 18:1; Hlu 21:19; Luk 2:41
e 1Sa 2:12, 22; 1Sa 4:17
f Num 3:10; Dut 33:10; Mal 2:7
g Lev 7:15

**Uhla 2**
a Dut 16:16; 1Sa 2:18, 19
b Eks 25:8; 1Sa 3:3; 2Sa 7:2
c Hu 55:22; Hu 65:2
d Gen 30:22

**1:1** *Noma, "waseRama, umZufi." **1:3** *Noma, "ayokhothama." **1:5** *NgesiHebheru, "wayesivalile isibeletho sakhe."

**1:8** *Noma, "kungani inhliziyo yakho ibuhlungu?" **1:9** *Okuwukuthi, itabernakele. **1:10** *Noma, "wayemunyu emphefumulweni."

nke izinsuku zokuphila kwa-
khe, ikhanda lakhe alisoze la-
phucwa."[a]

**12** Njengoba ayethandaza
isikhathi eside phambi kukaJe-
hova, u-Eli wayebheke umlomo
wakhe. **13** UHana wayekhulu-
ma ngenhliziyo, kuvevezela izi-
ndebe kuphela, izwi lakhe
lingezwakali. Ngakho u-Eli
wacabanga ukuthi udakiwe.
**14** U-Eli wathi kuye: "Uyoda-
kwa kuze kube nini? Hlukana
newayini." **15** UHana waphe-
ndula wathi: "Akunjalo nkosi
yami! Umoya wami ukhatha-
zeke kakhulu;* angiphuzanga
wayini, angiphuzanga tshwala,
ngithulula isifuba sami kuJe-
hova.[b] **16** Ungayithathisi oko-
wesifazane ongelusizo lwalu-
tho incekukazi yakho, ngoba
ngikhulume kwaze kwaba ma-
nje ngenxa yosizi nokukhatha-
zeka kwami." **17** U-Eli waphe-
ndula wathi: "Hamba ngoku-
thula, kwangathi uNkulunku-
lu ka-Israyeli angakunika lokho
okucele kuye."[c] **18** UHana wa-
thi: "Kwangathi ungaqhube-
ka uyibonisa umusa incekukazi
yakho." Owesifazane wahamba
wayodla, akabange esakhatha-
zeka.

**19** Ngakusasa bavuka eku-
seni kakhulu bakhothama pha-
mbi kukaJehova, okwathi nge-
mva kwalokho babuyela ekha-
ya eRama.[d] U-Elkana walala no-
Hana umkakhe, uJehova wam-
khumbula.[e] **20** Phakathi na-
lowo nyaka* uHana wakhule-
lwa wazala indodana wayi-
qamba[f] ngokuthi uSamuweli,#
ngoba wayethi, "ngimcele ku-
Jehova."

**21** Ngemva kwesikhathi,
u-Elkana, wakhuphuka nawo
wonke umndeni wakhe eyo-
nikela kuJehova ngomhlatshe-
lo waminyaka yonke[a] nomnikelo
wakhe wesifungo. **22** Kodwa
uHana akakhuphukanga[b] ngo-
ba wathi kumyeni wakhe: "Nge-
mva nje kokuba umfana sengi-
myekisile ibele, ngizomhambi-
sa ayovela phambi kukaJeho-
va bese ehlala khona kusu-
kela ngaleso sikhathi kuqhube-
ke."[c] **23** U-Elkana umyeni wa-
khe wathi kuye: "Yenza lokho
okubona kulungile.* Hlala ekha-
ya aze ayeke ibele. Kwangathi
uJehova angakufeza lokho oku-
shilo." Ngakho owesifazane wa-
hlala ekhaya, wancelisa indoda-
na yakhe kwaze kwaba yilapho
eseyiyekisile ibele.

**24** Ngemva nje kokuba ese-
myekisile ibele, wakhuphuka
naye waya eShilo, wathatha
inkunzi eneminyaka emithathu
ubudala, i-efa* elilodwa likafu-
lawa nesitsha esikhulu sewa-
yini,[d] wangena endlini kaJe-
hova eShilo[e] ekanye nomfana.
**25** Bahlaba inkunzi base be-
letha umfana ku-Eli. **26** UHa-
na wathi: "Uxolo, nkosi yami!
Ngiyilona wesifazane owaye-
mi nawe kule ndawo ngizo-
thandaza kuJehova.[f] **27** Nga-
ngithandaza ngicela lo mfa-
na, uJehova wangipha engangi-
kucele kuye.[g] **28** Manje sengi-
mboleka uJehova. Zonke izi-
nsuku zokuphila kwakhe, ubo-
lekwe uJehova."

U-Elkana wakhothama lapho
kuJehova.

**2** UHana wayesethandaza wa-
thi:

"Inhliziyo yami iyathokoza
ngoJehova;[h]

---

1:15 *Noma, "Ngingowesifazane ocindezelekile emoyeni." 1:20 *Noma kungaba, "Ngesikhathi esifanele." #Incazelo: "Igama LikaNkulunkulu."

1:23 *NgesiHebheru, "lokho okuhle emehlweni akho." 1:24 *Kungaba ngu-22 L. Bheka iSithasiselo B14.

---

ISAHL. 1
a Num 6:5
b Hu 42:6; Hu 62:8; Hu 142:2
c 1Sa 1:11
d 1Sa 1:1
e 1Sa 1:11; Hu 66:19; IzA 15:29
f Gen 5:29; Gen 41:51; Eks 2:21, 22; Mat 1:21

Uhla 2
a 1Sa 1:3
b Dut 16:16
c 1Sa 1:11; 1Sa 2:11; 2Kr 31:16
d Num 15:8-10
e Jos 18:1
f 1Sa 1:15
g 1Sa 1:11, 17; Hu 66:19

ISAHL. 2
h Hu 13:6; Luk 1:46

Amandla ami aphakanyisiwe* ngoJehova.
Ngikhuluma ngesibindi ngokumelene nezitha zami,
Ngoba ngiyajabula ngensindiso yakho.
2 Akekho ongcwele njengoJehova,
Akekho omunye ngaphandle kwakho,[a]
Futhi alikho idwala elinjengoNkulunkulu wethu.[b]
3 Ningalokhu nikhuluma ngokuzidla,
Ningakhulumi ngokuqhosha;
Ngoba uJehova unguNkulunkulu wolwazi,[c]
Zonke izenzo zabantu uzibeka esikalini esifanele.
4 Imicibisholo yamaqhawe yephukile,
Kodwa ababuthaka babe namandla.[d]
5 Ababengaswele kudla sekumele basebenzele abanye ukuze bathole ukudla,
Kodwa ababelambile abasalambi.[e]
Oyinyumba uzele amadodana ayisikhombisa,[f]
Kodwa owayenamadodana amaningi udumele.*
6 UJehova unamandla okubulala, namandla okulondoloza ukuphila,*
Unamandla okwehlisela eThuneni,# nawokuvusa umuntu ekufeni.[g]
7 UJehova ubangela ubumpofu, abangele nokuceba;[h]
Uyehlisa, abuye aphakamise.[a]
8 Uvusa umuntu ophansi othulini;
Uphakamisa ompofu emlotheni,*[b]
Ukuze abenze bahlale nezicukuthwane,
Abanike isihlalo sodumo.
Izisekelo zomhlaba[c] zingezikaJehova,
Ubeka umhlaba phezu kwazo.
9 Uqapha izinyathelo zabaqotho bakhe,[d]
Kodwa ababi bayobhuqwa ebumnyameni,[e]
Ngoba umuntu akanqobi ngenxa yamandla akhe.[f]
10 UJehova uyobaqothula labo abalwa naye;*[g]
Lapho ethululela intukuthelo yakhe kubo amazulu ayoduma.[h]
UJehova uyokwahlulela kuze kufike emaphethelweni omhlaba,[i]
Uyonika inkosi yakhe amandla[j]
Aphakamise uphondo# logcotshiwe wakhe."[k]

11 Ngemva kwalokho u-Elkana wabuyela emzini wakhe eRama, kodwa umfana waba isikhonzi* sikaJehova[l] phambi kuka-Eli umpristi.
12 Amadodana ka-Eli ayekhohlakele;[m] engamhloniphi
uJehova. 13 Esikhundleni sokuthatha isabelo sawo emhlatshelweni owawulethwa abantu,[n] nakhu ayekwenza: Noma nini lapho umuntu enikela umhlatshelo, kwakuza isikhonzi

---

2:1 *NgesiHebheru, "Uphondo lwami luphakanyisiwe." Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. 2:5 *NgesiHebheru, "ubunile." 2:6 *Noma, "okubuyisela ukuphila." #Noma, "eShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

2:8 *Noma kungaba, "endaweni yokulahla udoti." 2:10 *Noma kungaba, "Labo abalwisana noJehova bayokwesaba kakhulu." #Noma, "amandla." Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. 2:11 *Noma, "wayekhonza."

---

ISAHL. 2
a Eks 15:11, Dut 4:35, Hu 73:25, Hu 86:8, Hu 89:6
b Dut 32:4
c Job 36:4, Job 37:16, Rom 11:33
d Isay 40:29
e Luk 1:53
f 1Sa 1:11, 20
g Dut 32:39, Job 14:13, Hu 30:3, Hu 49:15, Hu 68:20, Hos 13:14, Joh 11:24, 1Ko 15:55
h Dut 8:18, Dut 28:12, 2Kr 1:11, 12, Job 42:12, IzA 10:22

Uhla 2
a Hu 75:7
b Hu 113:5, 7, Luk 1:52
c Hu 102:25
d Hu 91:11, Hu 97:10, Hu 121:3
e Hu 37:28
f Hu 33:16, Zak 4:6
g Eks 15:6
h 1Sa 7:10, 2Sa 22:14, Hu 18:13
i Hu 96:13, IzE 17:31
j Hu 2:6, Hu 110:1, Mat 28:18
k Luk 1:69, IzE 4:27
l 1Sa 1:11, 1Sa 3:1, 15
m 1Sa 2:22
n Lev 7:34

sompristi siphethe imfologo enkulu njengoba inyama isagxabha, **14** sifike sihlabe ngemfologo kunoma yiliphi ibhodwe. Noma yini eyayiphuma nemfologo, umpristi wayezithathela yona. Yilokho ayekwenza eShilo kuwo wonke ama-Israyeli ayefika khona. **15** Ngisho nangaphambi kokuba umuntu ozokwenza umhlatshelo ashise amanoni,[a] kwakuza isikhonzi sompristi sifike sithi: "Nginike inyama yokosela umpristi. Ngeke athathe inyama ebilisiwe, kodwa uzothatha eluhlaza kuphela." **16** Lapho lowo muntu ethi kuso: "Mabaqiniseke ukuthi bashisa amanoni kuqala,[b] ngemva kwalokho ungazithathela noma yini oyifisayo," isikhonzi sasithi: "Cha, yilethe manje; ngale kwalokho, ngizoyithatha ngenkani!" **17** Ngenxa yalokho isono sezikhonzi saba sikhulu kakhulu phambi kukaJehova,[c] ngoba la madoda ayengawuhloniphi umnikelo kaJehova.

**18** Manje uSamuweli wayekhonza phambi kukaJehova,[d] egqoke* i-efodi lelineni,[e] nakuba ayesengumfanyana. **19** Unina wayemenzela ijazi elincane elingenamikhono, amlethele lona unyaka nonyaka lapho ekhuphuka nomyeni wakhe ukuzokwenza umhlatshelo waminyaka yonke.[f] **20** U-Eli wambusisa u-Elkana nomkakhe wathi: "Kwangathi uJehova angakupha omunye umntwana kulo mfazi esikhundleni sendodana ayinike uJehova."[g] Ngemva kwalokho babuyela ekhaya. **21** UJehova wamzwela uHana, wayesethola abanye abantwana;[h] wazala amadodana amathathu namadodakazi amabili. Umfana uSamuweli waqhubeka ekhula phambi kukaJehova.[a]

**22** U-Eli wayesemdala kakhulu, kodwa wayezwile ngakho konke amadodana akhe ayekwenza[b] kuwo wonke u-Israyeli nendlela ayelala ngayo nabesifazane ababekhonza emnyango wetende lokuhlangana.[c] **23** Wayevame ukuthi kuwo: "Kungani nilokhu nenza izinto ezinje? Ngoba izinto engizwa abantu bezisho ngani zimbi. **24** Hhayi, madodana ami, izinto engizwa abantu bakaJehova bezikhuluma ngani azizinhle. **25** Uma umuntu ona komunye umuntu, othile angamncengela kuJehova;* kodwa uma umuntu ona kuJehova,[d] ubani ongamthandazela?" Kodwa enqaba ukulalela uyise, ngoba uJehova wayesenqume ukuwabulala.[e] **26** Phakathi naleso sikhathi, umfana uSamuweli wayelokhu ekhula futhi ethandeka ngokwengeziwe kuJehova nakubantu.[f]

**27** Kwafika umuntu kaNkulunkulu ku-Eli wathi kuye: "Yilokhu uJehova akushoyo: 'Angizange yini ngizambule ngokucacile kukhokho wakho ngesikhathi beyizigqila eGibhithe endlini kaFaro?[g] **28** Kwakhethwa yena kuzo zonke izizwe zakwa-Israyeli[h] ukuba abe umpristi wami, akhuphukele e-altare[i] lami ukuze anikele imihlatshelo, ashise impepho* nokuba agqoke i-efodi phambi kwami; nganika indlu kakhokho wakho yonke iminikelo yama-Israyeli# eshiswayo.[j] **29** Kungani nidelela* umhlatshelo wami nomnikelo wami

ISAHL. 2
*a* Lev 3:3-5
*b* Lev 3:16; Lev 7:25, 31
*c* 1Sa 2:29
*d* 1Sa 2:11; 1Sa 3:15
*e* 2Sa 6:14
*f* Eks 23:14; 1Sa 1:3, 21
*g* 1Sa 1:27, 28
*h* Gen 21:1, 2; 1Sa 1:19

Uhla 2
*a* 1Sa 2:26; 1Sa 3:19
*b* 1Sa 2:12-17
*c* Eks 38:8; Lev 21:6
*d* Num 15:31; 1Sa 2:17; 1Sa 3:13, 14
*e* IzA 29:1; IzA 30:17
*f* 1Sa 2:21
*g* Eks 4:14, 27
*h* Eks 28:1; Lev 8:12; Num 17:5, 8
*i* Num 18:7
*j* Lev 2:3; Lev 6:16; Lev 10:14; Num 5:9; Num 18:9

**2:18** *NgesiHebheru, "ebhince."

**2:25** *Noma kungaba, "uNkulunkulu uyokwahlulela phakathi kwabo." **2:28** *Noma kungaba, "enze kukhuphuke intuthu yomhlatshelo." #NgesiHebheru, "yamadodana akwa-Israyeli." **2:29** *NgesiHebheru, "nikhahlela."

engiyale ukuba unikelwe endlini yami?[a] Kungani ulokhu udumisa amadodana akho ngaphezu kwami, nizitika ngenyama yekhethelo kuyo yonke iminikelo yabantu bami ama-Israyeli?[b]

**30** "'Yingakho izwi likaJehova uNkulunkulu ka-Israyeli lithi: "Ngempela ngasho ukuthi indlu yakho nendlu kakhokho wakho, ziyohamba phambi kwami njalo."[c] Kodwa manje uJehova uthi: "Ngeke kusenzeka lokho, ngoba labo abangidumisayo ngiyobadumisa,[d] kodwa labo abangidelelayo bayoba yinto engelutho." **31** Bheka! Ziyeza izinsuku lapho ngiyoqeda khona amandla akho* nawendlu kakhokho wakho, ukuze kungabi namuntu endlini yakho oyophila aze aguge.[e] **32** Kukho konke okuhle okwenzelwa u-Israyeli, wena uyobona isitha endlini yami,*[f] ngeke kuphinde kube nekhehla endlini yakho. **33** Umuntu womndeni wakho engingeke ngimyekise ukukhonza e-altare lami uyokubangela ukuba ube yimpumputhe, akulethele usizi,* kodwa iningi emndenini wakho liyobulawa ngenkemba.[g] **34** Uzobona ngalokho okuzokwenzeka emadodaneni akho amabili, uHofini noFinehasi: Womabili azokufa ngosuku olulodwa.[h] **35** Ngemva kwalokho ngiyozikhethela umpristi othembekile.[i] Uyokwenza ngokuvumelana nalokho engikufisayo;* ngiyomakhela indlu emi njalo, uyoba ngumpristi wogcotshiwe wami ngaso sonke isikhathi. **36** Noma ubani osele endlini yakho uyoya kuye ayocela umsebenzi ukuze athole imali nesinkwa, futhi uyothi: "Ngicela ungenze umpristi ukuze ngithole ukudla."'"[a]

**3** Phakathi naleso sikhathi, umfana uSamuweli wayekhonza[b] uJehova phambi kuka-Eli, kodwa izwi elivela kuJehova laliyivelakancane ngalezo zinsuku; imibono[c] yayingandile.

**2** Ngolunye usuku u-Eli wayelele endaweni ayevame ukulala kuyo, amehlo akhe ayesefiphele; wayengasaboni.[d] **3** Isibani sikaNkulunkulu[e] sasingakacinywa, uSamuweli wayelele ethempelini*[f] likaJehova, lapho uMphongolo kaNkulunkulu wawukhona. **4** UJehova wayesebiza uSamuweli. Yena wathi: "Ngilapha." **5** Wagijima waya ku-Eli wathi: "Ngilapha, ngoba ungibizile." Kodwa wathi: "Angikubizanga. Buyela emuva uyolala." Ngakho wahamba wayolala. **6** UJehova waphinde wambiza wathi: "Samuweli!" USamuweli wavuka waya ku-Eli wathi: "Ngilapha, ngoba ungibizile." Kodwa wathi: "Angikubizanga, ndodana yami. Buyela emuva uyolala." **7** (USamuweli wayengakamazi kahle uJehova, ngoba uJehova wayengakaze akhulume naye.)[g] **8** Ngakho uJehova waphinde wambiza okwesithathu wathi: "Samuweli!" Wavuka waya ku-Eli, wathi: "Ngilapha, ngoba ungibizile."

U-Eli wayesebona ukuthi nguJehova owayebiza umfana. **9** Ngakho u-Eli wathi kuSamuweli: "Hamba uyolala, uma ekubiza kufanele uthi, 'Khuluma Jehova, ngoba inceku yakho ilalele.'" USamuweli wahamba wayolala endaweni yakhe.

**10** UJehova waphinde wambiza wathi: "Samuweli, Samuweli!" USamuweli wathi:

---

**2:31** *NgesiHebheru, "ingalo yakho." **2:32** *Kungenzeka kubhekiselwa ezinhlekeleleni ezazizoba khona esikhathini esizayo. **2:33** *Noma, "abangele umphefumulo wakho ukuba uwohloke." **2:35** *Noma, "okusenhliziyweni yami."

**3:3** *Okuwukuthi, etabernakele.

ISAHL. 2
a Eks 25:8, Jos 18:1, 1Sa 1:3
b 1Sa 2:14-16
c Eks 28:43
d Hu 18:20, Hu 91:14
e 1Sa 3:14, 1Sa 4:11, 18, 1Sa 22:18, 1Kh 2:27
f Hu 78:60, 61
g 1Sa 22:18, 21
h 1Sa 4:11, 17
i 1Kh 2:27, 35, 1Kr 29:22

Uhla 2
a Lev 2:3, Num 5:9

ISAHL. 3
b 1Sa 2:11, 18
c Num 12:6, 1Kr 17:15
d 1Sa 4:15
e Lev 24:2
f 1Sa 1:9, 1Sa 3:15
g Amo 3:7

"Khuluma, ngoba inceku yakho
ilalele." **11** UJehova wathi ku-
Samuweli: "Bheka! Kukhona
into engizoyenza kwa-Israyeli
okuyothi noma ubani ozwayo
ngayo, zombili izindlebe za-
khe zinkeneneze.[a] **12** Ngalolo
suku ngiyokwenza konke engi-
kushilo ngo-Eli nendlu yakhe,
kusukela ekuqaleni kuze kube
sekugcineni.[b] **13** Kumele um-
tshele ukuthi ngizoyahlulela
kuze kube phakade indlu ya-
khe ngenxa yesono asaziyo,[c]
ngoba amadodana akhe adele-
la uNkulunkulu,[d] kodwa aka-
wakhuzi.[e] **14** Yingakho ngifu-
ngile endlini ka-Eli ngathi iso-
no sendlu ka-Eli asisoze sahla-
wulelwa ngemihlatshelo noma
ngeminikelo."[f]

**15** USamuweli walala kwa-
ze kwaba sekuseni; wayesevu-
la iminyango yendlu kaJehova.
USamuweli wayesaba ukutshe-
la u-Eli ngombono ayewubo-
nile. **16** Kodwa u-Eli wambi-
za uSamuweli wathi: "Samu-
weli, ndodana yami!" Yena
wathi: "Ngilapha." **17** Wa-
mbuza wathi: "Utheni kuwe?
Ngicela ungangifihleli. Kwa-
ngathi uNkulunkulu angakuje-
zisa kanzima uma ungangifi-
hlela noma yini kukho konke
akushilo." **18** Ngakho uSamu-
weli wamtshela konke, aka-
mfihlelanga lutho. U-Eli wa-
thi: "Kuvela kuJehova. Make-
nze okuhle emehlweni akhe."

**19** USamuweli waqhubeka
ekhula, uJehova wayenaye[g] fu-
thi akazange avumele nelilodwa
izwi likaSamuweli ukuba linga-
gcwaliseki.* **20** Wonke u-Isra-
yeli kusukela kwaDani kuze
kube seBheri-sheba waqonda
ukuthi uSamuweli wayekhethi-
we ukuba abe ngumprofethi
kaJehova. **21** UJehova waqhu-
beka ebonakala eShilo, ngoba
uJehova wayezambula kuSamu-
weli eShilo. Lokhu kwakwenze-
ka ngezwi likaJehova.[a]

**4** USamuweli waqhubeka
ekhuluma nawo wonke
u-Israyeli.

U-Israyeli waphuma eyolwa
namaFilisti; wamisa amate-
nde ngase-Ebhenezeri, amaFi-
listi amisa amatende e-Afe-
ki. **2** AmaFilisti ahleleka uku-
ze alwe no-Israyeli, kodwa
impi ayihambanga kahle, ama-
Filisti amnqoba u-Israyeli, abu-
lala amadoda angaba ngu-4 000
enkundleni yempi. **3** Lapho
abantu bebuyela ekamu, ama-
doda amadala akwa-Israyeli
athi: "Kungani uJehova evu-
mele amaFilisti ukuba asinqo-
be* namuhla?[b] Masithathe um-
phongolo wesivumelwano sika-
Jehova eShilo,[c] ukuze sihambe
nawo usisindise esandleni sezi-
tha zethu." **4** Ngakho abantu
bathumela amadoda eShilo afi-
ke awuthatha umphongolo we-
sivumelwano sikaJehova wa-
mabutho, uNkulunkulu ohlezi
phezu* kwamakherubi.[d] Ama-
dodana amabili ka-Eli, uHofi-
ni noFinehasi,[e] nawo ayelapho
kanye nomphongolo wesivu-
melwano sikaNkulunkulu weqi-
niso.

**5** Kwathi nje lapho umpho-
ngolo wesivumelwano sikaJeho-
va ufika ekamu, wonke ama-
Israyeli amemeza kakhulu, kwa-
ze kwazamazama umhlaba.
**6** Lapho amaFilisti ezwa umsi-
ndo wokumemeza, athi: "Kunga-
ni amaHebheru ememeza
kangaka ekamu lawo?" Eku-
gcineni ezwa ukuthi kwakufike
uMphongolo kaJehova ekamu.

---

**3:19** *NgesiHebheru, "liwele emhlabathini."

**4:3** *NgesiHebheru, "Kungani uJehova esinqobile?" **4:4** *Noma kungaba, "phakathi."

---

ISAHL. 3
*a* 1Sa 4:17
*b* Num 23:19; 1Sa 2:31-34; Isay 55:10, 11
*c* 1Sa 2:22, 23; Joh 15:22; Jak 4:17
*d* Num 15:30; 1Sa 2:12, 17
*e* Shu 8:11
*f* 1Sa 4:11; 1Sa 22:21; 1Kh 2:27
*g* 1Sa 2:21

Uhla 2
*a* 1Sa 3:1, 4; Hu 99:6

ISAHL. 4
*b* Dut 28:15, 25; Dut 32:30; Hlu 2:14
*c* 2Sa 15:25
*d* Eks 25:18; Num 7:89; 2Kh 19:15; Hu 80:1
*e* 1Sa 2:12

**7** AmaFilisti esaba, ngoba athi:
“Kufike uNkulunkulu ekamu!”[a]
Ngakho athi: “Saze sangena
enkingeni, ngoba ayikaze yenze-
ke into enjengale! **8** Saze sa-
ngena enkingeni! Ubani ozosisi-
ndisa esandleni salo Nkulu-
nkulu omkhulu ngokubabazeka-
yo? Nguye lo Nkulunkulu owa-
shaya abaseGibhithe ebabula-
la ngezindlela ezihlukahlukene
ehlane.[b] **9** Yimani isibindi nibe
ngamadoda, nina maFilisti, uku-
ze ningabi yizigqila zamaHebhe-
ru njengoba nje wona ebe yi-
zigqila zenu.[c] Yibani ngamado-
da nilwe!” **10** Ngakho amaFili-
sti alwa wahlulwa u-Israyeli,[d] yi-
lowo nalowo wabaleka waya ete-
ndeni lakhe. Kwabulawa abani-
ngi kakhulu; kwafa amasosha
angu-30 000 ayimigundatshani
kwa-Israyeli. **11** Ngaphezu
kwalokho, amaFilisti awutha-
tha uMphongolo kaNkulunkulu,
amadodana amabili ka-Eli, uHo-
fini noFinehasi, abulawa.[e]

**12** Umuntu othile wakwa-
Bhenjamini wagijima esuka
enkundleni yempi waze wa-
yofika eShilo ngalolo suku,
izingubo zakhe ziklebhukile,
enenhlabathi ekhanda.[f] **13** La-
pho lowo muntu efika, u-Eli wa-
yehlezi esihlalweni eceleni
kwendlela, elindile, ngoba wa-
yekhathazeke kakhulu ngenxa
yoMphongolo kaNkulunkulu we-
qiniso.[g] Lowo muntu wange-
na edolobheni eyobika, kwasuka
esikhulu isililo kulo lonke ido-
lobha. **14** Lapho u-Eli ezwa isi-
lilo, wathi: “Esani lesi sililo esi-
ngaka?” Lowo muntu washesha
wayotshela u-Eli okwakwenzeki-
le. **15** (U-Eli wayeneminyaka
engu-98 ubudala, engasaboni
emehlweni.)[h] **16** Lowo muntu
wathi ku-Eli: “Ngivela empi-
ni! Ngibaleke empini khona na-
muhla.” U-Eli wathi: “Kwenzeke-
ni, ndodana yami?” **17** Ngakho
owayelethe umbiko waphendu-
la wathi: “U-Israyeli uwabaleke-
le amaFilisti, kwabulawa aba-
ntu abaningi kakhulu;[a] amado-
dana akho amabili uHofini noFi-
nehasi nawo afile,[b] noMphongo-
lo kaNkulunkulu weqiniso utha-
thiwe.”[c]

**18** Kwathi lapho nje ekhu-
luma ngoMphongolo kaNkulu-
nkulu weqiniso, u-Eli wawa
ngesiphundu esuka esihlalwe-
ni sakhe eceleni kwesango, wa-
phuka intamo wafa, ngoba
wayesemdala futhi enomzi-
mba omkhulu. Wayebe uma-
hluleli kwa-Israyeli iminyaka
engu-40. **19** Umalokazana wa-
khe, umkaFinehasi, wayekhule-
lwe sekuseduze ukuba abele-
the. Lapho ezwa umbiko wo-
kuthi uMphongolo kaNkulu-
nkulu weqiniso uthathiwe no-
kuthi uyisezala nomyeni wakhe
bafile, wavele waqalwa imihe-
lo kungalindelekile, wabeletha.
**20** Njengoba ayefa, abesifaza-
ne ababemi eceleni kwakhe ba-
thi: “Ungesabi, ngoba ubelethe
indodana.” Akaphendulanga fu-
thi akanakanga.* **21** Kodwa
waqamba umfana ngokuthi
u-Ikhabhodi,*[d] ethi: “Inkazimu-
lo isukile kwa-Israyeli yaya
ekudingisweni,”[e] lokhu eku-
sho ngokuqondene nokutha-
thwa koMphongolo kaNkulu-
nkulu weqiniso nangokuqonde-
ne noyisezala nomyeni wakhe.[f]
**22** Wathi: “Inkazimulo isukile
kwa-Israyeli yaya ekudingiswe-
ni, ngoba uMphongolo kaNku-
lunkulu weqiniso uthathiwe.”[g]

**5** Lapho amaFilisti ethatha
uMphongolo[h] kaNkulunkulu
weqiniso, awususa e-Ebhenezeri
awuyisa e-Ashidodi. **2** AmaFi-

ISAHL. 4
a Eks 14:25; Eks 15:14
b Eks 7:5; Hu 78:43, 51
c Dut 28:48; Hlu 10:7; Hlu 13:1
d Lev 26:14, 17; Dut 28:25; 1Sa 4:2
e 1Sa 2:31, 34; 1Sa 4:3, 17; Hu 78:61, 64
f Jos 7:6
g 1Sa 4:4
h 1Sa 3:2

Uhla 2
a 1Sa 3:11
b 1Sa 2:34
c 1Sa 4:10, 11
d 1Sa 14:3
e Hu 78:61
f 1Sa 2:32, 34; 1Sa 4:5, 11
g 1Sa 4:11; Jer 7:12

ISAHL. 5
h 1Sa 4:11

---

**4:20** *Noma, “futhi akayibekanga inhliziyo yakhe kukho.” **4:21** *Incazelo: “Iphi Inkazimulo?”

listi awuthatha uMphongolo ka-
Nkulunkulu weqiniso awufaka
endlini* kaDagoni, awubeka
eceleni kukaDagoni.[a] **3** Lapho
abase-Ashidodi bevuka eku-
seni ngakusasa, uDagoni wa-
yewe phansi ngobuso phambi
koMphongolo kaJehova.[b] Nga-
kho bamthatha uDagoni bambu-
yisela endaweni yakhe.[c] **4** La-
pho bevuka ekuseni ngosu-
ku olulandelayo, uDagoni waye-
we phansi ngobuso phambi
koMphongolo kaJehova. Ikha-
nda likaDagoni nazo zombili iza-
ndla zakhe zazinqamukile, zi-
wele esitubhini. Umzimba* ku-
phela# owawunganqamukanga.
**5** Yingakho bonke abapristi ba-
kaDagoni nabo bonke abangena
endlini kaDagoni bengahambi
esitubhini sikaDagoni e-Ashido-
di kuze kube namuhla.

**6** UJehova wabajezisa aba-
se-Ashidodi, wabahlupha ngoku-
shaya i-Ashidodi nezindawo zalo
ngemihlume.[d] **7** Lapho amado-
da ase-Ashidodi ebona okwa-
kwenzeka, athi: "Wususeni kithi
uMphongolo kaNkulunkulu ka-
Israyeli, ngoba umelane nathi
noDagoni unkulunkulu wethu."
**8** Ngakho athumela izithunywa
bazayobiza wonke amakhosi ama-
Filisti, athi kuwo: "Sizokwe-
nzenjani ngoMphongolo kaNku-
lunkulu ka-Israyeli?" Aphendu-
la athi: "Uthatheni uMphongolo
kaNkulunkulu ka-Israyeli niwu-
yise eGati."[e] Ngakho wathathwa
uMphongolo kaNkulunkulu ka-
Israyeli wayiswa khona.

**9** Ngemva kokuwuhambisa
lapho, uJehova walijezisa lelo
dolobha, walithuthumelisa. Wa-
shaya abantu bakulelo dolobha
ngemihlume, kusukela kom-
ncane kuya komdala.[f] **10** Nga-
kho bawuthumela e-Ekroni[a]
uMphongolo kaNkulunkulu we-
qiniso, kodwa ngokushesha nje
lapho ufika e-Ekroni uMpho-
ngolo kaNkulunkulu weqini-
so, ama-Ekroni aqala ukukhala,
ethi: "Bawulethe kithi uMpho-
ngolo kaNkulunkulu ka-Israye-
li ukuze thina nabantu bakithi
sibulawe!"[b] **11** Ngakho bathu-
mela izithunywa zalanda wo-
nke amakhosi amaFilisti bathi:
"Hambisani uMphongolo ka-
Nkulunkulu ka-Israyeli; mawu-
buyele endaweni yawo ukuze
thina nabantu bakithi singabu-
lawa." Ngoba bonke abantu ba-
kulelo dolobha babesaba uku-
thi bangase bafe; uNkulunkulu
weqiniso wayebajezise kakhu-
lu,[c] **12** abantu abangafanga
babeshaywe ngemihlume. Isili-
lo sedolobha senyukela emazu-
lwini.

**6** UMphongolo[d] kaJehova wa-
hlala ezweni lamaFilisti
izinyanga eziyisikhombisa.
**2** AmaFilisti abiza abapristi
nezangoma,[e] athi: "Sizokwe-
nzenjani ngoMphongolo kaJe-
hova? Sitsheleni ukuthi kufa-
nele siwuhambise kanjani ubu-
yele endaweni yawo." **3** Ba-
phendula bathi: "Uma nibuyi-
sela umphongolo wesivume-
lwano sikaJehova uNkulunku-
lu ka-Israyeli, ningawuhambi-
si ngaphandle komnikelo. Kufa-
nele nakanjani nihambise kuye
umnikelo wecala.[f] Niyophulu-
kiswa kuphela uma nenza ka-
njalo, futhi niyokwazi ukuthi
kungani isandla sakhe besi-
melene nani." **4** Ngakho abu-
za athi: "Hlobo luni lomni-
kelo wecala okufanele siwuha-
mbise kuye?" Bathi: "Imihlume
emihlanu yegolide namagunda-
ne amahlanu egolide, ngokwe-
sibalo samakhosi amaFilisti,[g]
ngoba nonke kanye namakhosi

ISAHL. 5
a Hlu 16:23; 1Kr 10:8-10
b Eks 12:12; 1Kr 16:26; Hu 97:7
c Isay 46:6, 7
d 1Sa 6:5, 6
e 1Sa 17:4
f 1Sa 5:6

Uhla 2
a Jos 15:20, 45; 2Kh 1:2; Amo 1:8
b 1Sa 5:7
c 1Sa 5:6, 9

ISAHL. 6
d 1Sa 4:11; 1Sa 5:1; Hu 78:61
e Dut 18:9, 10; Isay 2:6
f 1Sa 6:4, 17
g Jos 13:2, 3; 1Sa 6:16

---

**5:2** *Noma, "ethempelini." **5:4** *Noma, "Ingxenye esanhlanzi." #NgesiHebheru, "UDagoni kuphela."

enu nishaywe ngesifo esifa-
nayo. **5** Kufanele nenze imi-
fanekiso yemihlume yenu ne-
mifanekiso yamagundane enu[a]
acekela phansi izwe, ninike
uNkulunkulu ka-Israyeli udu-
mo. Mhlawumbe uzosisusa isi-
jeziso sakhe kini nakunkulu-
nkulu wenu nasezweni lenu.[b]
**6** Ningabi nenkani ngendlela
iGibhithe noFaro ababa nenka-
ni ngayo.[c] Lapho uNkulunkulu
ebajezisa,[d] kwadingeka bamde-
dele u-Israyeli futhi wahamba.[e]
**7** Manje yakhani inqola entsha
bese nithatha izinkomazi ezi-
mbili ezincelisayo ezingakaze
ziboshelwe, nizidonsise inqo-
la, kodwa niphindisele ama-
nkonyane azo ekhaya. **8** Tha-
thani uMphongolo kaJehova ni-
wubeke enqoleni, bese nitha-
tha izinto zegolide enizihambi-
sa kuye njengomnikelo weca-
la nizifake ebhokisini nilibeke
eceleni kwawo.[f] Ngemva kwalo-
kho, wuhambiseni **9** bese ni-
bheka: Uma ukhuphuka nge-
ndlela eya eBheti-shemeshi,[g]
endaweni yawo, kuyosho uku-
thi nguye osenze le nto embi
kangaka. Kodwa uma kunge-
njalo, sizokwazi ukuthi beku-
ngeyena osijezisayo; kumane
kwaqondana nje."

**10** Amadoda enza kanja-
lo. Athatha izinkomazi ezimbi-
li ezazincelisa azibophela zado-
nsa inqola, amankonyane azo
awavalela esibayeni. **11** Abe-
ka uMphongolo kaJehova enqo-
leni kanye nebhokisi elinamagu-
ndane egolide nemifanekiso ye-
mihlume. **12** Izinkomazi zaha-
mba zaqonda phambili ngom-
gwaqo oya eBheti-shemeshi.[h]
Zahamba ngomgwaqo owodwa
omkhulu, zihambe zikhala; azi-
zange ziphambukele ngakwe-
sokudla noma ngakwesobu-
nxele. Sonke leso sikhathi,
amakhosi amaFilisti ayezila-
ndela, aze ayofika emngceleni
waseBheti-shemeshi. **13** Aba-
ntu baseBheti-shemeshi babevu-
na ukolweni ethafeni elisesigo-
dini.* Lapho bephakamisa ame-
hlo bebona uMphongolo, baja-
bula kakhulu ngokuwubona.
**14** Inqola yafike yama ensimini
kaJoshuwa umBheti-shemi edu-
ze kwetshe elikhulu. Ngakho ba-
canda izingodo zenqola zaba izi-
nkuni, banikela izinkomazi[a] nje-
ngomnikelo oshiswayo oya ku-
Jehova.

**15** AmaLevi[b] awehlisa
uMphongolo kaJehova nebho-
kisi elalikanye nawo, elaliphe-
the izinto zegolide, akubeka
phezu kwetshe elikhulu. Ama-
doda aseBheti-shemeshi[c] ani-
kela iminikelo eshiswayo, ani-
kela imihlatshelo eya kuJehova
ngalolo suku.

**16** Lapho amakhosi amahla-
nu amaFilisti ekubona lokho,
aphindela emuva e-Ekroni nga-
lolo suku. **17** Nansi imihlu-
me yegolide amaFilisti ayi-
hambisa njengomnikelo wecala
oya kuJehova:[d] owodwa wase-
Ashidodi,[e] owodwa waseGaza,
owodwa wase-Ashikeloni, owo-
dwa waseGati[f] nowodwa wase-
Ekroni.[g] **18** Inani lamagunda-
ne egolide lalilingana nenani
lawo wonke amadolobha ama-
Filisti ayebuswa yila makhosi
amahlanu—amadolobha abiye-
lwe ngezindonga eziqinile ka-
nye nemizi esemaphandleni.

Itshe elikhulu okwakubekwe
kulo uMphongolo kaJehova li-
wubufakazi kuze kube namu-
hla ensimini kaJoshuwa um-
Bheti-shemi. **19** Kodwa uNku-
lunkulu wababulala abantu ba-
seBheti-shemeshi ngoba ba-
bebuke uMphongolo kaJeho-
va. Wabulala abantu abangu-

**6:13** *Noma, "ethafeni eliphansi."

ISAHL. 6
a 1Sa 6:18
b 1Sa 5:6, 11
c Eks 7:13 Eks 8:15 Eks 14:17
d Eks 9:14, 16 Rom 9:17, 18
e Eks 6:1 Eks 11:1 Eks 12:33
f 1Sa 6:3, 4
g Jos 15:10, 12 Jos 21:8, 16 2Kr 28:18
h 1Sa 6:8, 9

Uhla 2
a 1Sa 6:7
b Num 3:30, 31
c Jos 21:8, 16
d 1Sa 6:4
e 1Sa 5:1
f 1Sa 5:8
g Hlu 1:18 1Sa 5:10

50 070,* abantu balila ngo-
ba uJehova wayebulale abantu
abaningi kakhulu.[a] **20** Nga-
kho abantu baseBheti-sheme-
shi bathi: “Ubani ozokwazi
ukuma phambi kukaJehova, lo
Nkulunkulu ongcwele?[b] Uma
nje engasuka kithi aye kwa-
banye!”[c] **21** Ngakho bathume-
la izithunywa kubantu base-
Kiriyati-jeyarimi,[d] bathi: “Ama-
Filisti awubuyisile uMphongolo
kaJehova. Yehlani nizowulanda
nikhuphuke nawo.”[e]

**7** Ngakho amadoda ase-
Kiriyati-jeyarimi eza atha-
tha uMphongolo kaJehova
enyuka nawo afike awufaka
endlini ka-Abhinadaba[f] esegqu-
meni, angcwelisa indodana ya-
khe u-Eleyazare ukuze igade
uMphongolo kaJehova.

**2** Kusukela osukwini uMpho-
ngolo owafika ngalo eKiriyati-
jeyarimi, kwadlula iminyaka
engu-20. Yonke indlu ka-Israye-
li yabe isiqala ukufuna uJe-
hova.*[g] **3** USamuweli wayese-
thi kuyo yonke indlu ka-Israye-
li: “Uma kuwukuthi nibuyela
kuJehova ngayo yonke inhliziyo
yenu,[h] lahlani onkulunkulu be-
zinye izizwe[i] abaphakathi kwe-
nu kanye nemifanekiso ka-Ashi-
toreti,[j] nikelani inhliziyo yenu
ngokuphelele kuJehova, nikho-
nze yena yedwa,[k] khona-ke uzo-
nikhulula esandleni samaFili-
sti.”[l] **4** Lapho ezwa lokho ama-
Israyeli alahla oBhali nemifane-
kiso ka-Ashitoreti, abe esekho-
nza uJehova kuphela.[m]

**5** Ngemva kwalokho, uSa-
muweli wathi: “Qoqelani wo-
nke u-Israyeli eMispa,[n] mina
ngizonithandazela kuJehova.”[o]
**6** Ngakho baqoqana eMi-
spa, bakha amanzi bawathulu-
la phambi kukaJehova* bazi-
la ukudla ngalolo suku.[a] Bathi:
“Sonile kuJehova.”[b] USamuwe-
li waqala ukuba umahluleli[c]
kwa-Israyeli eMispa.

**7** Lapho amaFilisti ezwa uku-
thi ama-Israyeli abuthene eMi-
spa, amakhosi amaFilisti[d] enyu-
ka ayolwa nama-Israyeli. Lapho
ama-Israyeli ezwa lokho, esa-
ba ngenxa yamaFilisti. **8** Nga-
kho ama-Israyeli athi kuSamu-
weli: “Ungayeki ukusithandaze-
la kuJehova uNkulunkulu we-
thu ukuze asisize,[e] asisindise
esandleni samaFilisti.” **9** USa-
muweli wathatha iwundlu eli-
sancela walinikela njengomni-
kelo oshiswayo,[f] umnikelo ophe-
lele, oya kuJehova; uSamuwe-
li wacelela u-Israyeli usizo ku-
Jehova, uJehova wamphendu-
la.[g] **10** Ngesikhathi uSamuwe-
li enikela umnikelo oshiswa-
yo, amaFilisti asondela ukuze
alwe no-Israyeli. UJehova wa-
bangela ukuba lidume kakhu-
lu[h] ngalolo suku, amaFilisti adi-
deka,[i] ahlulwa phambi kuka-
Israyeli.[j] **11** Amadoda akwa-
Israyeli aphuma eMispa awa-
jaha amaFilisti, awabulala kwa-
ze kwaba seningizimu yeBheti-
kari. **12** USamuweli wabe ese-
thatha itshe[k] walimisa pha-
kathi kweMispa neJeshana wa-
liqamba ngokuthi i-Ebhenezeri,*
ngoba wathi: “Kuze kube ma-
nje uJehova ubelokhu esisi-
za.”[l] **13** AmaFilisti anqotshwa
kanjalo-ke, awaphindanga eza
endaweni ka-Israyeli;[m] isandla
sikaJehova saqhubeka sime-
lene namaFilisti zonke izinsu-
ku zikaSamuweli.[n] **14** Amado-
lobha ayedliwe amaFilisti ku-
Israyeli nawo abuyela ku-Israye-
li kusukela e-Ekroni kuze kube

**6:19** *NgesiHebheru, “amadoda angu-70, amadoda angu-50 000.” **7:2** *Noma, “ukulila kuJehova.”

**7:6** *Ngokusobala lolu usiko olubonisa ukuphenduka. **7:12** *Incazelo: “Itshe Losizo.”

**ISAHL. 6**
- a Num 4:15, 20; 1Kr 13:10
- b Lev 11:45
- c Num 17:12, 13; 2Sa 6:8, 9; Hu 76:7
- d Jos 18:14; 1Kr 13:5, 6
- e 1Kr 16:1; 2Kr 1:4

**ISAHL. 7**
- f 2Sa 6:2, 4; 1Kr 13:5, 7
- g Neh 9:28
- h 1Sa 12:24
- i Jos 24:14, 23; Hlu 3:7
- j Hlu 2:13; Hlu 10:6; 1Kh 11:33
- k Dut 10:20; Dut 13:4; Luk 4:8
- l Dut 28:1
- m Hlu 10:16
- n Hlu 20:1; 1Sa 10:17; 2Kh 25:23; Jer 40:6
- o 1Sa 12:23; Jak 5:16

**Uhla 2**
- a 2Kr 20:3; Neh 9:1; Jow 2:12
- b Hlu 10:10
- c Hlu 2:18
- d Jos 13:2, 3; 1Sa 6:4
- e 1Sa 12:19; Isay 37:4
- f Lev 1:10
- g Hu 99:6
- h 1Sa 2:10; 2Sa 22:14
- i Jos 10:10; Hlu 4:15
- j Dut 20:4; Dut 28:7
- k Jos 4:9; Jos 24:26
- l Hu 44:3
- m 1Sa 9:16; 1Sa 13:5
- n 1Sa 14:22, 23; 1Sa 17:51

seGati, ama-Israyeli aphinde ayi-
thatha indawo yawo kumaFilisti.
Kwakunokuthula naphakathi
kuka-Israyeli nama-Amori.[a]
**15** USamuweli waqhubeka
nokwahlulela u-Israyeli ukuphi-
la kwakhe konke.[b] **16** Unyaka
nonyaka wayejikeleza aye eBhe-
thele,[c] eGiligali[d] naseMispa,[e]
ahlulele u-Israyeli kuzo zonke
lezi zindawo. **17** Kodwa waye-
buyela eRama,[f] ngoba umu-
zi wakhe wawulapho, nakhona
wayahlulela u-Israyeli. Wakhela
uJehova i-altare lapho.[g]

**8** Lapho uSamuweli esemda-
la wabeka amadodana akhe
ukuba abe ngabahluleli kwa-
Israyeli. **2** Igama lendodana
yakhe eyizibulo kwakunguJo-
weli, igama leyesibili kungu-
Abhiya;[h] ayengabahluleli eBhe-
ri-sheba. **3** Kodwa amadoda-
na akhe awahambanga ezi-
nyathelweni zakhe; ayethanda
ukuzitholela imali ngokunga-
thembeki,[i] amukela isifumba-
thiso,[j] engenabo nobulungisa.[k]
**4** Ngokuhamba kwesikhathi
wonke amadoda amadala akwa-
Israyeli aqoqana aya kuSamu-
weli eRama. **5** Athi kuye: "Uya-
bona, wena usugugile, kodwa
amadodana akho awahambi ezi-
nyathelweni zakho. Manje sibe-
kele inkosi ezosahlulela nje-
ngazo zonke ezinye izizwe."[l]
**6** Kodwa akumphathanga kahle
uSamuweli* lapho bethi: "Sini-
ke inkosi ezosahlulela." Nga-
kho uSamuweli wathandaza ku-
Jehova, **7** uJehova wathi ku-
Samuweli: "Kulalele konke lo-
kho abantu abakushoyo kuwe;
ngoba akuwena abamalile, ko-
dwa yimi abamalile ukuba ngi-
ngabi yinkosi yabo.[m] **8** Benza
njengoba bebelokhu benza ku-
sukela ngosuku engabakhipha
ngalo eGibhithe kuze kube na-
muhla; balokhu bengishiya[a] ba-
khonze abanye onkulunkulu,[b]
yilokho kanye abakwenzayo na-
kuwe. **9** Manje balalele. Noma
kunjalo, kufanele ubaxwayise
impela ngemiphumela; ubatshe-
le lokho inkosi eyobabusa ezoba
nelungelo lokukufuna kubo."
**10** Ngakho uSamuweli wa-
tshela abantu ababecela inko-
si kuye wonke amazwi kaJeho-
va. **11** Wathi: "Yilokhu inkosi
eyonibusa eyoba nelungelo lo-
kukufuna:[c] Iyothatha amadoda-
na enu[d] iwafake ebuthweni eli-
hamba ngezinqola,[e] iwagibelise
amahhashi ayo,[f] amanye ayogi-
jima phambi kwezinqola zayo.
**12** Iyozibekela izinduna phezu
kwezinkulungwane[g] nezinduna
phezu kwamashumi amahla-
nu,[h] amanye ayoyilimela,[i] avu-
ne isivuno sayo,[j] ayakhele izi-
khali zempi nezinqola zayo.[k]
**13** Iyothatha amadodakazi enu
iwenze abathaki bamafutha
okugcoba,* abapheki naba-
bhaki.[l] **14** Iyothatha amasimu
enu, amasimu amagilebhisi na-
masimu ezihlahla zeminqumo,[m]
amahle kunawo wonke, iyowa-
thatha iwanike izinceku zayo.
**15** Iyothatha okweshumi kwa-
masimu enu nokwamasimu
amagilebhisi, ikunike izikhulu
zasesigodlweni sayo nezince-
ku zayo. **16** Iyothatha izince-
ku nezincekukazi zenu, imihla-
mbi yenu engcono kunayo yo-
nke nezimbongolo zenu, konke
kusebenzele yona.[n] **17** Iyo-
thatha okweshumi emihlanjini
yenu yezimvu nezimbuzi,[o] nani
niyoba yizinceku zayo. **18** Lu-
yofika usuku eniyokhala nga-
lo ngenxa yenkosi enizikhethe-
le yona,[p] kodwa uJehova ngeke
aniphendule ngalolo suku."

---

**8:6** *NgesiHebheru, "kwakukubi emehlweni kaSamuweli."

**8:13** *Noma, "abenzi beziqholo."

---

ISAHL. 7
a Gen 15:18, 21
b 1Sa 3:20; 1Sa 12:11; 1Sa 25:1; IzE 13:20
c Jos 16:1
d Jos 15:7, 12; 1Sa 11:15
e 1Sa 7:5
f 1Sa 1:1; 1Sa 8:4; 1Sa 19:18
g Eks 20:25

ISAHL. 8
h 1Kr 6:28
i Eks 18:21
j Eks 23:8; Dut 16:19; Hu 15:5; IzA 29:4
k Dut 24:17
l Dut 17:14, 15; 1Sa 12:13; IzE 13:21
m Hlu 8:23; 1Sa 10:19; 1Sa 12:12; Isay 33:22

Uhla 2
a Dut 9:24
b Hlu 2:19
c 1Sa 10:25
d 1Sa 14:52
e 1Kh 9:22; 1Kh 10:26
f 1Kh 4:26
g 2Sa 18:1; 1Kr 27:1
h 2Kh 1:14
i 1Kr 27:26
j 1Kh 4:7
k 1Kh 4:26
l 1Kh 4:22
m 1Kr 27:28, 31
n 1Kh 5:15, 16
o 1Kh 4:22, 23
p 1Kh 12:3, 4

**19** Nokho, abantu benqa-
ba ukulalela lokho uSamuweli
ayebatshela kona, bathi: "Aku-
nandaba! Sifuna inkosi ezosi-
busa. **20** Nathi sizoba njenga-
zo zonke ezinye izizwe, inko-
si yethu izosahlulela, isihole
ilwe nezitha zethu." **21** Nge-
mva kokuba uSamuweli ese-
kuzwile konke okwakushiwo
abantu, wakutshela uJehova.
**22** UJehova wathi kuSamuwe-
li: "Balalele, ubabekele inko-
si ezobabusa."[a] Ngakho uSa-
muweli wathi emadodeni akwa-
Israyeli: "Hambani nibuyele
emadolobheni enu."

**9** Kwakukhona umuntu wa-
kwaBhenjamini owayecebe
kakhulu, igama lakhe kungu-
Kishi,[b] indodana ka-Abhiye-
li, indodana kaZerori, indoda-
na kaBhekhorati, indodana ka-
Afiya, umBhenjamini.[c] **2** Wa-
yenendodana egama layo li-
nguSawule,[d] yayisencane iyi-
nhle—akukho nsizwa kwa-Isra-
yeli eyayiyidlula ngobuhle—ya-
yiyinde kunabo bonke abantu.
**3** Lapho kulahleka izimbo-
ngolo* zikaKishi uyise kaSawu-
le, uKishi wathi kuSawule indo-
dana yakhe: "Ngicela uthathe
esinye sezikhonzi nihambe ni-
yofuna izimbongolo." **4** Baha-
mba banqamula ezintabeni za-
kwa-Efrayimi badlulela ezweni
laseShalisha, kodwa abazitho-
langa. Banqamula ezweni lase-
Shahalimi, kodwa izimbongo-
lo zazingekho lapho. Baliha-
mba lonke elakwaBhenjamini,
kodwa abazitholanga.
**5** Bafika ezweni laseZufi,
uSawule wathi esikhonzini esa-
sihamba naye: "Masibuyele
emuva, ukuze ubaba angagcini
esekhathazeka ngathi esikhu-
ndleni sokukhathazeka ngezi-
mbongolo."[a] **6** Kodwa isikho-
nzi sathi kuye: "Kunomuntu
kaNkulunkulu kuleli dolobha,
indoda ehlonishwayo. Konke
akushoyo kuyenzeka.[b] Masiye
kuye manje. Mhlawumbe anga-
sitshela ukuthi kufanele sitha-
the yiphi indlela." **7** USawu-
le wathi esikhonzini sakhe:
"Uma siya, sizomphathelani
lowo muntu? Akusekho sinkwa
ezikhwameni zethu; akukho
sipho esingamphathela sona
lowo muntu kaNkulunkulu we-
qiniso. Sinani nje?" **8** Nga-
kho isikhonzi saphinde sam-
phendula uSawule sathi: "Ngi-
phethe ikota yeshekeli* lesili-
va. Ngizoyinika umuntu ka-
Nkulunkulu weqiniso, bese esi-
tshela ukuthi kufanele sitha-
the yiphi indlela." **9** (Ezikha-
thini zangaphambili kwa-Isra-
yeli, yilokhu umuntu ayeku-
sho lapho eyofuna isiqondiso
kuNkulunkulu: "Wozani, ma-
siye kumuntu obona imibo-
no."[c] Ngoba lo okuthiwa um-
profethi namuhla, endulo wa-
yebizwa ngokuthi umuntu obo-
na imibono.) **10** Ngemva kwa-
lokho uSawule wathi esikho-
nzini sakhe: "Kuhle lokho. Ma-
sihambe." Ngakho bahamba
baya kulelo dolobha umuntu
kaNkulunkulu weqiniso ayehla-
la kulo.
**11** Lapho benyuka emqa-
nseni oya kulelo dolobha, ba-
hlangana namantombazane
eyokha amanzi. Ngakho bathi
kuwo: "Ingabe ukhona umuntu
obona imibono[d] kule ndawo?"
**12** Aphendula athi: "Yebo
ukhona. Nisezithendeni zakhe
nje. Phuthumani, ukuleli do-
lobha namuhla, ngoba aba-
ntu benza umhlatshelo[e] na-
muhla endaweni ephakeme.[f]

9:3 *NgesiHebheru, "izimbongolo ze-
nsikazi."

9:8 *Ishekeli lalingu-11,4 g. Bheka iSi-
thasiselo B14.

ISAHL. 8
*a* 1Sa 8:7; Hos 13:11

ISAHL. 9
*b* 1Sa 14:51; 1Kr 8:33; IzE 13:21
*c* Hlu 21:17
*d* 1Sa 11:15; 1Sa 13:13; 1Sa 15:26; 1Sa 28:7; 1Sa 31:4; 2Sa 1:23

Uhla 2
*a* 1Sa 10:2
*b* 1Sa 3:19
*c* 1Sa 9:19; 2Sa 15:27; 1Kr 9:22; 1Kr 29:29
*d* 1Sa 9:19
*e* 1Sa 7:9; 1Sa 16:5
*f* 1Kh 3:2; 1Kr 16:39; 2Kr 1:3

**13** Lapho nje ningena edolo-
bheni, nizomthola ngaphambi
kokuba akhuphukele endawe-
ni ephakeme ukuyodla. Abantu
ngeke badle engakafiki, ngo-
ba nguye obusisa umhlatshelo.
Ngemva kwalokho, abamenyi-
we bangadla. Hambani khona
manje, nizomthola.” **14** Nga-
kho baya edolobheni. Njengo-
ba babengena edolobheni, kwa-
qhamuka uSamuweli ezobahla-
ngabeza ukuze akhuphukele
nabo endaweni ephakeme.

**15** Ngosuku olungaphambi
kokufika kukaSawule, uJe-
hova wayethe kuSamuweli:*
**16** “Kusasa ngalesi sikhathi
ngizothumela kuwe umuntu
ovela kwaBhenjamini.[a] Kume-
le umgcobe abe umholi waba-
ntu bami u-Israyeli,[b] uzosindisa
abantu bami esandleni sama-
Filisti. Ngoba ngikubonile uku-
hlupheka kwabantu bami, nesi-
lilo sabo sifikile kimi.”[c] **17** La-
pho uSamuweli ebona uSawu-
le, uJehova wathi kuye: “Na-
ngu lo muntu engikutshele nga-
ye ngathi, ‘Nguye ozobusa aba-
ntu bami.’ ”*[d]

**18** USawule waya kuSamu-
weli esangweni wathi: “Ngi-
cela ungitshele, ukuphi umu-
zi womuntu obona imibono?”
**19** USamuweli wamphendula
uSawule wathi: “Yimi umuntu
obona imibono. Hamba phambi
kwami sikhuphukele endawe-
ni ephakeme, nizodla nami na-
muhla.[e] Uzohamba kusasa eku-
seni, ngizokutshela konke
ofuna ukukwazi.* **20** Ungabe
usakhathazeka ngezimbongolo
ezilahleke ezinsukwini ezinta-
thu ezidlule,[f] ngoba zitho-
lakele. Ngaphandle kwalokho,
wonke umcebo wakwa-Israye-
li ungowakho nomndeni kayi-
hlo.”[a] **21** USawule waphendu-
la wathi: “NgingumBhenjamini
wesizwe esincane kunazo zo-
nke kwa-Israyeli,[b] nomndeni
wakithi awulutho kunayo yo-
nke imindeni yesizwe sakwa-
Bhenjamini. Pho kungani
ukhuluma nami kanje?”

**22** USamuweli wathatha
uSawule nesikhonzi sakhe
wabayisa ehholo lokudlela wa-
banika indawo ekhethekile ku-
neyabanye ababemenyiwe; ba-
bengamadoda angaba ngu-30.
**23** USamuweli wathi kumphe-
ki: “Letha leya nyama engikuni-
ke yona, engithe, ‘Yibeke ece-
leni.’ ” **24** Umpheki wakhipha
umlenze, wawubeka phambi
kukaSawule. USamuweli wathi:
“Nakhu obubekelwe kona. Yi-
dla, ngoba bakugcinele kona
kulo mcimbi.” Ngoba ngiba-
tshelile ngathi, ‘Nginezivaka-
shi.’ ” Ngakho uSawule wa-
dla noSamuweli ngalolo suku.
**25** Ngemva kwalokho behla
endaweni ephakeme[c] bangena
edolobheni, uSamuweli waqhu-
beka ekhuluma noSawule be-
hlezi phezu kwendlu. **26** Ba-
vuka ekuseni, kwathi ekuntwe-
leni kokusa uSamuweli wa-
biza uSawule owayelele phe-
zu kwendlu, wathi: “Lunga,
uzohamba.” Ngakho uSawule
walungela indlela base be-
phumela ngaphandle bobabi-
li, yena noSamuweli. **27** La-
pho behla belibangise ngase-
maphethelweni edolobha, uSa-
muweli wathi kuSawule: “Tshe-
la isikhonzi[d] ukuba sithi uku-
sishiya, sihambe phambili. Ko-
dwa wena, yima khona la, uku-
ze ngikutshele izwi elivela ku-
Nkulunkulu.” Ngakho isikho-
nzi sabashiya sahamba pha-
mbili.

ISAHL. 9
a Jos 18:11
b 1Sa 10:1; 1Sa 15:1
c Hu 106:43, 44; Hu 107:19
d 1Sa 10:24; 1Sa 15:17; IzE 13:21
e 1Sa 9:13, 24
f 1Sa 9:3

Uhla 2
a 1Sa 8:5, 19; 1Sa 12:13
b Hlu 20:46, 47
c 1Sa 9:13, 19
d 1Sa 9:3, 10

**9:15** * NgesiHebheru, “wayembule indlebe kaSamuweli.” **9:17** * Noma, “ozogcina abantu bami bendawonye.” **9:19** * NgesiHebheru, “konke okusenhliziyweni yakho.”

**10** USamuweli wathatha isigubhu samafutha wawathela ekhanda likaSawule.[a] Wamqabula wayesethi: "UJehova ukugcobile ukuba ube ngumholi[b] wefa lakhe.[c] **2** Uma usuka lapha kimi namuhla, uzothola amadoda amabili eduze kwethuna likaRaheli[d] endaweni yakwaBhenjamini eZeliza, azothi kuwe, 'Izimbongolo obuyozifuna zitholakele, kodwa manje uyihlo useyiyekile indaba yezimbongolo[e] usekhathazeke ngawe. Uthi: "Ngizokwenzenjani ngendodana yami?"' **3** Ubodlula lapho uze uyofika esihlahleni esikhulu esiseThabori, lapho uzohlangana namadoda amathathu ekhuphukela kuNkulunkulu weqiniso eBhethele,[f] enye iphethe amazinyane amathathu, enye iphethe izinkwa ezintathu, enye iphethe imbiza enkulu yewayini. **4** Azokubuza impilo bese ekunika izinkwa ezimbili, kumele uzithathe lezo zinkwa. **5** Ngemva kwalokho uzofika egqumeni likaNkulunkulu weqiniso, lapho kukhona khona ibutho lamaFilisti. Lapho ufika edolobheni, uzohlangana neqembu labaprofethi lehla livela endaweni engcwele,* njengoba liprofetha phambi kwalo kuzobe kudlalwa insimbi yomculo enezintambo, ithamborini, umtshingo nehabhu. **6** Umoya kaJehova uzokunika amandla[g] uprofethe kanye nalo, uzoshintsha kube sengathi ungomunye umuntu.[h] **7** Lapho zonke lezi zibonakaliso sezenzekile, yenza noma yini onamandla okuyenza, ngoba uNkulunkulu weqiniso unawe. **8** Ngemva kwalokho, hamba udlulele eGiligali,[a] ngizokwehla ngize kuwe ukuze nginikele imihlatshelo eshiswayo nemihlatshelo ehlanganyelwayo. Kufanele ulinde izinsuku eziyisikhombisa ngize ngifike kuwe. Ngizobe sengikutshela lokho okufanele ukwenze."

**9** Kwathi nje lapho uSawule ephenduka esuka kuSamuweli, uNkulunkulu waqala ukushintsha inhliziyo yakhe yaba njengeyomunye umuntu, zonke lezi zibonakaliso zagcwaliseka ngalolo suku. **10** Ngakho basuka lapho baya egqumeni, wafike wahlangana neqembu labaprofethi khona. Ngaso leso sikhathi umoya kaNkulunkulu wamnika amandla,[b] waqala ukuprofetha[c] kanye nalo. **11** Lapho bonke labo ababemazi bembona eprofetha kanye nabaprofethi, bathi omunye komunye: "Kwenzekeni endodaneni kaKishi? Ingabe noSawule uphakathi kwabaprofethi?" **12** Enye indoda eyayilapho yathi: "Obani oyise balaba abanye abaprofethi?" Ngakho kwaba khona isisho* esithi: "Ingabe noSawule uphakathi kwabaprofethi?"[d]

**13** Lapho eqeda ukuprofetha, waya endaweni ephakeme. **14** Kamuva umfowabo kayise kaSawule wathi kuye nasesikhonzini sakhe: "Beniyephi?" Wathi: "Besiyofuna izimbongolo,[e] kodwa asizitholanga, ngakho sihambile saya kuSamuweli." **15** Umfowabo kayise kaSawule wathi: "Ngicela ungitshele, utheni uSamuweli kini?" **16** USawule wathi kumfowabo kayise: "Usitshele ukuthi izimbongolo sezitholakele." Kodwa uSawule akamtshelanga ngalokho

10:5 *NgesiHebheru, "endaweni ephakeme." Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

10:12 *Noma, "isaga."

ISAHL. 10
a 1Sa 16:13; 2Kh 9:2, 3
b 1Sa 9:16; IzE 13:21
c Eks 19:5; Dut 32:9
d Gen 35:19
e 1Sa 9:3, 5
f Gen 28:19, 22
g Num 11:25
h 1Sa 10:10

Uhla 2
a 1Sa 7:15, 16; 1Sa 11:14
b Hlu 14:5, 6; 1Sa 11:6; 1Sa 16:13
c 1Sa 10:6; 1Sa 19:23
d 1Sa 19:24
e 1Sa 9:3

okwakushiwo uSamuweli nge-
ndaba yobukhosi.
**17** USamuweli wabe esebize-
la abantu ndawonye kuJehova
eMispa[a] **18** wathi kuma-Isra-
yeli: “Yilokhu uJehova uNku-
lunkulu ka-Israyeli akushoyo:
‘Yimi engakhipha u-Israyeli eGi-
bhithe nowanikhulula esandle-
ni seGibhithe[b] nasesandleni
sayo yonke imibuso eyayini-
cindezela. **19** Kodwa namuhla
nimlahlile uNkulunkulu wenu[c]
owayenguMsindisi wenu kukho
konke okubi okwanehlela naso-
sizini lwenu, nathi: “Cha, kufa-
nele usibekele inkosi ezosibu-
sa.” Manje yimani phambi kuka-
Jehova ngezizwe zenu nange-
mindeni yenu.’ ”*
**20** Ngakho uSamuweli wa-
cela ukuba zonke izizwe za-
kwa-Israyeli zisondele,[d] kwa-
khethwa isizwe sakwaBhe-
njamini.[e] **21** Wayesecela uku-
ba kusondele isizwe sakwaBhe-
njamini ngemindeni yaso, kwa-
khethwa umndeni wamaMa-
thiri. Ekugcineni kwakhe-
thwa uSawule indodana kaKi-
shi.[f] Kodwa lapho beha-
mba beyomfuna, abamthola-
nga. **22** Ngakho babuza uJe-
hova[g] bathi: “Ingabe usefikile
lapha lowo muntu?” UJehova
wathi: “Nangu laphaya eca-
she phakathi kwemithwalo.”
**23** Ngakho bagijima bayomla-
nda. Lapho ema phakathi kwa-
bantu, wayemude kunabo bo-
nke abanye abantu.[h] **24** USa-
muweli wathi kubo bonke aba-
ntu: “Niyambona yini lowo uJe-
hova amkhethile,[i] ukuthi ake-
kho noyedwa onjengaye phaka-
thi kwabo bonke abantu?” Bo-
nke abantu bamemeza bathi:
“Mana njalo nkosi!”

**25** USamuweli wakhuluma
nabantu ngelungelo elifanele la-
makhosi,[a] walibhala encwadini
wayibeka phambi kukaJehova.
Ngemva kwalokho uSamuweli
wabadedela bonke abantu ba-
hamba, yilowo nalowo wa-
ya endlini yakhe. **26** USawu-
le naye wahamba waya kubo
eGibheya, ehamba namaqha-
we uJehova ayethinte izinhlizi-
yo zawo. **27** Kodwa amadoda
angelusizo lwalutho, athi: “Uzo-
sisindisa kanjani lo?”[b] Ambuke-
la phansi, awamnikanga sipho.[c]
Kodwa akashongo lutho ngalo-
kho.*

**11** UNahashi umAmoni[d] wa-
khuphuka wamisa ama-
tende ukuze ayolwa neJabeshi[e]
eGileyadi. Wonke amadoda ase-
Jabeshi athi kuNahashi: “Ye-
nza isivumelwano nathi, sizo-
kukhonza.” **2** UNahashi um-
Amoni wathi kuwo: “Ngizo-
senza ngalo mbandela: kume-
le kukopolotwe wonke amehlo
enu angakwesokudla. Lokho
ngizokwenza ukuze ngihlazi-
se wonke u-Israyeli.” **3** Ama-
doda amadala aseJabeshi athi
kuye: “Sinike izinsuku eziyisi-
khombisa ukuze sithumele izi-
thunywa kuyo yonke indawo
yakwa-Israyeli. Uma singam-
tholi ozosisindisa, siyobe sese-
nza lokho okushoyo.” **4** Nge-
mva kwesikhathi izithunywa
zafika eGibheya[f] lapho kwaku-
hlala khona uSawule* zasho la
mazwi kubantu, bonke abantu
bakhala kakhulu.
**5** Kodwa kwaqhamuka uSa-
wule eqhuba umhlambi eve-
la emadlelweni, wathi: “Kwe-
nzenjani kubantu? Bakhalela-
ni?” Ngakho bamlandisa okwa-
kushiwo amadoda aseJabeshi.

ISAHL. 10
a 1Sa 7:5
b Eks 13:14; Dut 4:34
c 1Sa 8:7; 1Sa 12:12
d Jos 7:16-18; IzE 1:24
e 1Sa 9:21
f IzE 13:21
g Hlu 1:1; Hlu 20:18, 28; 1Sa 23:2
h 1Sa 9:2
i Dut 17:14, 15; 1Sa 9:17

Uhla 2
a 1Sa 8:11-18
b 1Sa 11:12
c 1Kh 10:1, 10; 2Kr 17:5

ISAHL. 11
d Dut 2:19
e Hlu 21:8; 1Sa 31:11, 12
f 1Sa 10:26; 1Sa 14:2

**10:19** *Noma, “nangamaqembu enu abantu abayinkulungwane.”

**10:27** *NgesiHebheru, “Kodwa waba njengesimungulu.” **11:4** *NgesiHebheru, “eGibheya likaSawule.”

**6** Umoya kaNkulunkulu wani-
ka uSawule[a] amandla lapho
ezwa la mazwi, wathukuthela
kakhulu. **7** Ngakho watha-
tha izinkunzi ezimbili wazihla-
hlela, wazithumela kuzo zo-
nke izindawo zakwa-Israyeli
ngezithunywa, ezathi: “Noma
ubani ongamlandeli uSawu-
le noSamuweli, kuzokwenziwa
ngale ndlela ezinkomeni za-
khe!” Abantu bamesaba uJe-
hova kangangokuthi baphuma
ngobunye.* **8** USawule waye-
sebabala eBhezeki, ama-Israye-
li ayengu-300 000, amadoda
akwaJuda engu-30 000. **9** Ma-
nje bathi ezithunyweni eza-
zifikile: “Yilokhu okufanele ni-
kusho emadodeni aseJabeshi
eGileyadi, ‘Kusasa emini si-
zonisindisa.’” Izithunywa zabu-
ya zabikela amadoda aseJabe-
shi, ajabula kakhulu. **10** Nga-
kho amadoda aseJabeshi athi
kuma-Amoni: “Kusasa sizozini-
kela kini bese nenza noma yini
eniyibona ilungile.”[b]

**11** Ngosuku olulandelayo,
uSawule wahlukanisa abantu
baba amaviyo amathathu, ba-
hamba baya ekamu phakathi
nomlindo wasekuseni* bawabu-
lala ama-Amoni[c] kwaze kwa-
ba semini. Abasinda bahlaka-
zeka yilowo nalowo wabaleka
yedwa. **12** Abantu base bethi
kuSamuweli: “Ngubani obethi,
‘Ingabe uSawule uzoba yinko-
si yethu?’[d] Baletheni lapha labo
bantu, sibabulale.” **13** Nokho,
uSawule wathi: “Akukho mu-
ntu ozobulawa namuhla,[e] ngo-
ba uJehova umsindisile u-Isra-
yeli.”

**14** Kamuva uSamuweli wa-
thi kubantu: “Wozani siye
eGiligali[a] ukuze siphinde si-
mise uSawule njengenkosi.”[b]
**15** Ngakho bonke abantu baya
eGiligali, bafike bamisa uSawu-
le waba yinkosi phambi kuka-
Jehova. Banikela imihlatshelo
ehlanganyelwayo phambi kuka-
Jehova,[c] uSawule nabo bonke
abantu bakwa-Israyeli bajabula
kakhulu.[d]

**12** Ekugcineni uSamuweli
wathi kuwo wonke u-Isra-
yeli: “Ngikwenze konke eniku-
celile kimi,* nganibekela inko-
si ezonibusa.[e] **2** Manje nansi
inkosi eniholayo.*[f] Mina sengi-
gugile futhi sengimpunga, ama-
dodana ami nanka kanye nani,[g]
mina nginiholile kusukela ebu-
sheni bami kwaze kwaba namu-
hla.[h] **3** Ngilapha phambi kwe-
nu. Uma ninesikhalo ngami si-
vezeni phambi kukaJehova na-
phambi kogcotshiwe wakhe:[i]
Ubani engimthathele inkomo
noma imbongolo?[j] Noma uba-
ni engimphambile noma engim-
hlukumezile? Ubani engamuke-
le kuye isifumbathiso* uku-
ze ngishalazelele izenzo zakhe?[k]
Uma ekhona ngizombuyisela
engikuthathile.”[l] **4** Baphendu-
la bathi: “Awusiphambanga,
awusihlukumezanga, awamuke-
langa lutho kumuntu.” **5** Nga-
kho wathi kubo: “UJehova
ungufakazi ngokumelene nani,
nogcotshiwe wakhe ungufakazi
namuhla wokuthi anitholanga
lutho eningangisola ngakho.”*
Baphendula bathi: “Ungufaka-
zi.”

**6** USamuweli wayesethi ku-
bantu: “UJehova, owasebenzi-
sa uMose no-Aroni nowakhi-
pha okhokho benu ezweni

---

**11:7** *NgesiHebheru, “njengomuntu oyedwa.” **11:11** *Okuwukuthi, cishe ngo-2:00 entathakusa kuya ku-6:00 ekuseni.

**12:1** *NgesiHebheru, “Ngililalelile izwi lenu.” **12:2** *Noma, “ehamba phambi kwenu.” **12:3** *Noma, “imvalamlomo.” **12:5** *NgesiHebheru, “anitholanga lutho esandleni sami.”

---

ISAHL. 11

*a* Hlu 3:9, 10
Hlu 6:34
Hlu 11:29
Hlu 14:5, 6
1Sa 10:10, 11
1Sa 16:13

*b* 1Sa 11:3

*c* 1Sa 11:1

*d* 1Sa 10:26, 27

*e* 2Sa 19:22

Uhla 2

*a* 1Sa 7:15, 16

*b* 1Sa 10:17, 24

*c* Lev 7:11

*d* 1Kh 1:39, 40
2Kh 11:12, 14
1Kr 12:39, 40

ISAHL. 12

*e* 1Sa 8:5
1Sa 10:24
1Sa 11:14, 15

*f* 1Sa 8:20

*g* 1Sa 8:1, 3

*h* 1Sa 3:19

*i* 1Sa 9:16, 17
1Sa 10:1

*j* Num 16:15

*k* Dut 16:19

*l* Eks 22:4
Lev 6:4

laseGibhithe,[a] ungufakazi.
**7** Manje sondelani, ngizona-
hlulela phambi kukaJehova
ngokuqondene nazo zonke ize-
nzo ezilungile uJehova anenze-
le zona nina nokhokho benu.
**8** “Ngemva kokuba uJakobe
esefikile eGibhithe[b] nokho-
kho benu beqala ukucela usi-
zo kuJehova,[c] uJehova wathu-
mela uMose[d] no-Aroni ukuba
bahole okhokho benu babakhi-
phe eGibhithe babalethe kule
ndawo ukuba bazohlala kuyo.[e]
**9** Kodwa bamkhohlwa uJeho-
va uNkulunkulu wabo, waba-
thengisa[f] esandleni sikaSise-
ra[g] induna yebutho laseHazo-
ri nasesandleni samaFilisti[h] na-
sesandleni senkosi yakwaMo-
wabi,[i] balwa nabo. **10** Bace-
la usizo kuJehova[j] bathi, ‘So-
nile,[k] ngoba simshiyile uJeho-
va sakhonza oBhali[l] nemifane-
kiso ka-Ashitoreti;[m] manje si-
cela usikhulule esandleni se-
zitha zethu ukuze sikukhonze.’
**11** UJehova wathumela uJe-
rubhali,[n] uBedani, uJefta[o] no-
Samuweli[p] wanikhulula esa-
ndleni sezitha zenu nxazo-
nke, ukuze nihlale ngokulonde-
ka.[q] **12** Lapho nibona uku-
thi inkosi yama-Amoni uNaha-
shi[r] unihlasele, nanilokhu ni-
thi kimi, ‘Sifuna ukuba nenko-
si ezosibusa!’[s] nakuba uJeho-
va uNkulunkulu wenu eyiNkosi
yenu.[t] **13** Manje nansi inkosi
eniyikhethile, enizicelele yona.
UJehova unimisele inkosi ezo-
nibusa.[u] **14** Uma nizomesaba
uJehova[v] nimkhonze,[w] nilale-
le izwi lakhe,[x] ningadlubulundi
emyalweni kaJehova, uma nina
nenkosi ezonibusa nizolande-
la uJehova uNkulunkulu wenu,
kuhle. **15** Kodwa uma ningali-
laleli izwi likaJehova, nidlubu-
lunda emyalweni kaJehova,
uJehova uzonijezisa nina ka-
nye noyihlo.[y] **16** Manje so-
ndelani nizobona into emanga-
lisayo uJehova azoyenza pha-
mbi kwamehlo enu. **17** Aku-
sona yini isikhathi sokuvu-
nwa kukakolweni lesi? Ngizo-
thandaza kuJehova ukuba ale-
the ukuduma nemvula; ngaleyo
ndlela nizokwazi, niqonde uku-
thi nenze into embi kangakana-
ni emehlweni kaJehova ngoku-
zicelela inkosi.”[a]
**18** Ngemva kwalokho uSa-
muweli wathandaza kuJehova,
uJehova waletha ukuduma ne-
mvula ngalolo suku, kangango-
kuthi bonke abantu bamesaba
kakhulu uJehova noSamuweli.
**19** Bonke abantu bathi kuSa-
muweli: “Thandazela izinceku
zakho[b] kuJehova uNkulunku-
lu wakho, ngoba asifuni ukufa,
ngoba senezele obunye ububi
kuzo zonke izono zethu ngoku-
cela inkosi.”
**20** Ngakho uSamuweli wathi
kubantu: “Ningesabi. Nibenzile
ngempela bonke lobu bubi. Ku-
phela nje ningaphambuki eku-
landeleni uJehova,[c] kumele ni-
khonze uJehova ngayo yonke
inhliziyo yenu.[d] **21** Ningapha-
mbuki nilandele izinto eziyi-
ze,*[e] ezingasizi ngalutho[f] nezi-
ngakwazi ukusindisa, ngoba zi-
yize.# **22** Ngenxa yegama la-
khe elikhulu,[g] uJehova nge-
ke abashiye abantu bakhe,[h]
ngoba uJehova uzikhethele
yena ukuba anenze abantu ba-
khe.[i] **23** Kodwa mina, kuyi-
nto engacabangeki ukuba ngo-
ne kuJehova ngokuyeka ukuni-
thandazela, ngizoqhubeka ngi-
nifundisa okuhle nokulungile.
**24** Kuphela yesabani uJeho-
va[j] nimkhonze ngokwethembe-
ka* ngenhliziyo yenu yonke,
ngoba bhekani izinto ezinku-
lu anenzele zona.[k] **25** Kodwa

ISAHL. 12
a Eks 6:26
b Gen 46:6
c Eks 2:23
d Eks 3:9, 10
e Jos 11:23
f Dut 32:18, 30 Hlu 2:12, 14
g Hlu 4:2
h Hlu 10:7 Hlu 13:1
i Hlu 3:12
j Hlu 2:18 Hlu 3:9
k Hlu 10:10, 15
l Hlu 3:7
m Hlu 2:13
n Hlu 6:32
o Hlu 11:1
p Heb 11:32
q Lev 26:6
r 1Sa 11:1
s 1Sa 8:5, 19
t Hlu 8:23 1Sa 8:7 Isay 33:22
u 1Sa 9:16, 17 1Sa 10:24
v Dut 10:12 Dut 17:19
w Jos 24:14
x Dut 13:4 Dut 28:2
y Lev 26:14, 17 Dut 28:15 Jos 24:20

Uhla 2
a 1Sa 8:7 Hos 13:11
b 1Sa 7:5 1Sa 12:23
c Dut 31:29 Jos 23:6 1Sa 12:15
d Dut 6:5
e Dut 32:21 Jer 2:11
f Hu 115:4, 5 Jer 16:19
g Jos 7:9 Hu 23:3 Hu 106:8 Jer 14:21 Hez 20:14
h 1Kh 6:13 Hu 94:14 Rom 11:1
i Eks 19:5 Dut 7:7
j 1Sa 12:14 Hu 111:10 Shu 12:13
k Dut 10:12, 21

**12:21** *Noma, “ezingekho.” #Noma, “aziphili.” **12:24** *Noma, “ngeqiniso.”

uma nenza ububi obushaqisayo
ingcaca,[a] niyokhukhulwa, nina
nenkosi yenu."[b]

**13** USawule wayeneminya-
ka engu-. . .* ubudala
lapho eba yinkosi[c] kwa-Israye-
li. Ngemva kokubusa iminyaka
emibili, **2** uSawule wakhetha
amadoda angu-3 000 kwa-Isra-
yeli; angu-2 000 ayekanye no-
Sawule eMikimashi nasezinta-
beni zaseBhethele, angu-1 000
ekanye noJonathani[d] eGibhe-
ya[e] kwaBhenjamini. Bonke aba-
nye abantu wathi abahambe,
yilowo nalowo aye etendeni la-
khe. **3** UJonathani wabulala
iviyo lamaFilisti[f] elaliseGeba,[g]
amaFilisti ezwa ngakho. USa-
wule wayesethumela izithu-
nywa kulo lonke elakwa-Israye-
li ukuba zishaye uphondo[h] zi-
bize amadoda akwa-Israyeli, zi-
thi: "Wonke amaHebheru ma-
walalele!" **4** Wonke u-Israyeli
wezwa ukuthi uSawule ubu-
lale ibutho lamaFilisti, nokuthi
amaFilisti aseyamzonda u-Isra-
yeli. Ngakho abantu babizwa
ukuba balandele uSawule baye
eGiligali.[i]

**5** AmaFilisti nawo aqoqana
ukuze ayolwa no-Israyeli, enezi-
nqola zempi ezingu-30 000, aba-
gibeli bamahhashi abangu-
6 000 namabutho ahamba nge-
zinyawo amaningi ngangesi-
hlabathi esisogwini lolwandle;[j]
akhuphuka afike amisa ama-
tende eMikimashi empumala-
nga yeBheti-aveni.[k] **6** Amado-
da akwa-Israyeli abona ukuthi
asenkingeni ngoba kwakunga-
wahambeli kahle; ngakho aba-
ntu bacasha emihumeni,[l] emi-
godini, emaweni, ezinqabeni
ezingaphansi komhlaba nase-
mithonjeni. **7** Amanye amaHe-
bheru aze awela ngisho neJo-
rdani aya ezweni lakwaGadi
nakwaGileyadi.[a] Kodwa uSawu-
le wayeseseGiligali, bonke aba-
ntu ababemlandela babethu-
thumela. **8** Wayelokhu elindile
izinsuku eziyisikhombisa kwa-
ze kwafika isikhathi uSamuwe-
li ayesibekile, kodwa uSamu-
weli akafikanga eGiligali, naba-
ntu base beqala ukuhlakazeka
bemshiya. **9** Ekugcineni uSa-
wule wathi: "Lethani lapha um-
hlatshelo oshiswayo nemihla-
tshelo ehlanganyelwayo." Nge-
mva kwalokho wanikela umhla-
tshelo oshiswayo.[b]

**10** Kodwa ngokushesha nje
lapho eqeda ukunikela um-
hlatshelo oshiswayo, uSamu-
weli wafika. Ngakho uSawu-
le waphuma wayomhlangabe-
za, wambingelela. **11** USamu-
weli wathi: "Yini le oyenzile?"
USawule wathi: "Ngibone uku-
thi abantu bayangishiya,[c] noku-
thi nawe awufikanga ngesi-
khathi esibekiwe, futhi ama-
Filisti abeqoqana eMikimashi.[d]
**12** Ngakho ngithe enhliziywe-
ni yami, 'Manje amaFilisti azo-
kwehla azolwa nami eGiliga-
li, kanti angikawuceli umusa
kaJehova.'* Ngakho ngizizwe
ngiphoqelekile ukunikela um-
hlatshelo oshiswayo."

**13** USamuweli wathi kuSa-
wule: "Wenze ngobuwula. Awu-
wulalelanga umyalo kaJeho-
va uNkulunkulu wakho.[e] Uku-
be ubuwulalelile, uJehova ube-
yowuqinisa unomphela umbu-
so wakho phezu kuka-Israyeli.
**14** Kodwa manje umbuso wa-
kho ngeke uhlale isikhathi esi-
de.[f] UJehova uzozitholela umu-
ntu ojabulisa inhliziyo yakhe,[g]
uJehova uzommisa abe ngu-
mholi wabantu bakhe,[h] ngoba

---

**13:1** *Inombolo ayibhalwanga embhalweni wesiHebheru.

**13:12** *Noma, "angikabuthambisi ubuso bukaJehova."

---

**ISAHL. 12**

a Jos 24:20
b Dut 28:15, 36

**ISAHL. 13**

c IzE 13:21
d 1Sa 18:1; 2Sa 1:4; 2Sa 21:7
e Jos 18:28; 1Sa 10:26
f Jos 13:2, 3; 1Sa 9:16
g Jos 21:8, 17
h Hlu 3:26, 27; Hlu 6:34; 2Sa 2:28
i Jos 5:9; 1Sa 11:14
j Dut 20:1
k Jos 7:2; Jos 18:11, 12; 1Sa 14:23
l 1Sa 14:11

**Uhla 2**

a Num 32:1, 33; Jos 13:24, 25
b 1Sa 15:22, 23
c 1Sa 13:6, 8
d 1Sa 13:5
e 1Sa 15:11
f 1Sa 15:28
g 1Sa 16:1; 2Sa 7:15; Hu 78:70; IzE 13:22
h Gen 49:10; 2Sa 5:2; 2Sa 7:8; 1Kr 28:4

awukugcinanga lokho uJehova akuyale ngakho."[a]

**15** Ngemva kwalokho uSamuweli wasuka eGiligali wakhuphukela eGibheya kwaBhenjamini, uSawule wabala abantu; labo ababengamshiyanga kwakungamadoda angaba ngu-600.[b] **16** USawule, uJonathani indodana yakhe kanye nabantu ababengabashiyanga babeseGeba[c] kwaBhenjamini, amaFilisti wona ayemise amatende eMikimashi.[d] **17** Ibutho labaphangi lalisuka ekamu lamaFilisti lingamaviyo amathathu. Iviyo lokuqala lalithatha umgwaqo oya e-Ofira, ezweni laseShuwali; **18** iviyo lesibili lalithatha umgwaqo oya eBhetihoroni;[e] kanti iviyo lesithathu lalithatha umgwaqo oya emngceleni obhekene nesigodi saseZeboyimi, ngasehlane.

**19** Ngaleso sikhathi kwakungekho ngisho noyedwa umuntu osebenza ngensimbi kwa-Israyeli, ngoba amaFilisti ayethe: "Asifuni amaHebheru enze izinkemba noma imikhonto." **20** Wonke ama-Israyeli kwakudingeka aye kumaFilisti ukuze alolelwe amageja, amagejambazo, izimbazo noma amasikela. **21** Ukulola amageja, amagejambazo, izimfologo, izimbazo nokulungisa izinkandi* zezinkabi kwakubiza ipimi.# **22** Lapho kuyiwa empini akukho muntu owayesuke enenkemba noma umkhonto kubantu ababekanye noSawule noJonathani;[f] uSawule noJonathani indodana yakhe kuphela abebenezikhali.

---

**13:21** *Induku efakwe insimbi ecijile phambili, okwakuqhutshwa ngayo izinkabi. #Isisindo sasendulo, esasicishe sibe yizingxenye ezimbili kwezintathu zeshekeli.

**23** Iviyo* lamaFilisti laliphumile laya endaweni yokuwela emhosheni waseMikimashi.[a]

**14** Ngolunye usuku uJonathani[b] indodana kaSawule wathi esikhonzini esiphatha izikhali zakhe: "Woza siwelele ngapheseya ebuthweni lamaFilisti." Kodwa akamtshelanga uyise. **2** USawule wayehlala ngaphansi kwesihlahla samahalananda esiseMigironi, emaphethelweni eGibheya,[c] ekanye namadoda angaba ngu-600.[d] **3** (U-Ahiya indodana ka-Ahithubi,[e] umfowabo ka-Ikhabhodi,[f] indodana kaFinehasi,[g] indodana ka-Eli,[h] umpristi kaJehova eShilo,[i] wayephethe i-efodi.)[j] Abantu babengazi ukuthi uJonathani wayehambile. **4** Esikhaleni uJonathani ayezama ukudlula kuso ukuze aye ebuthweni lamaFilisti, kwakunedwala elimise okwezinyo ohlangothini olulodwa nedwala elimise okwezinyo kolunye uhlangothi; igama lelinye kwakuyiBhozezi, igama lelinye kuyiSene. **5** Elinye idwala lalisenyakatho limise okwensika libheke eMikimashi, elinye liseningizimu libheke eGeba.[k]

**6** Ngakho uJonathani wathi esikhonzini esiphatha izikhali zakhe: "Woza siwelele kuleliya butho lalaba bantu abangasokile.[l] Mhlawumbe uJehova uzosisiza, ngoba akukho lutho olungavimba uJehova ukuba asindise ngabaningi noma ngabambalwa."[m] **7** Isikhonzi sakhe sathi kuye: "Yenza noma yini esenhliziyweni yakho. Yana nomaphi lapho uthanda ukuya khona, mina ngizokulandela nomaphi lapho inhliziyo yakho ikuholela khona." **8** UJonathani wathi: "Sizowe-

---

**13:23** *Noma, "Amasosha."

ISAHL. 13
- a IzA 11:2
- b 1Sa 13:7; 1Sa 14:2
- c 1Sa 13:3
- d 1Sa 13:2
- e Jos 10:11
- f 1Sa 17:47, 50

Uhla 2
- a 1Sa 13:2; 1Sa 14:4, 5

ISAHL. 14
- b 1Sa 14:49; 1Sa 18:1; 2Sa 1:4
- c 1Sa 10:26
- d 1Sa 13:15
- e 1Sa 22:9
- f 1Sa 4:21
- g 1Sa 2:12; 1Sa 4:17
- h 1Sa 1:9
- i Jos 18:1; 1Sa 1:3
- j Eks 29:5; Num 27:21
- k 1Sa 13:2, 3
- l Gen 17:9, 10; Hlu 14:3; Hlu 15:18; 1Sa 17:36; 1Kr 10:4
- m Hlu 7:2; 2Kh 6:15, 16; 2Kr 14:11

lela kulawaya madoda, bese si-
vela ukuze asibone. **9** Uma
ethi kithi, ‘Yimani lapho size
sifike kini!’ sizoma lapho si-
khona, ngeke sikhuphukele
kuwo. **10** Kodwa uma ethi ki-
thi, ‘Khuphukani silwe!’ sizo-
khuphuka, ngoba uJehova uzo-
wanikela esandleni sethu. Lo-
khu kuzoba uphawu kithi.”[a]

**11** Bobabili bavela ukuze
ibutho lamaFilisti libabone.
AmaFilisti athi: “Nanka ama-
Hebheru ephuma emigodini
abecashe kuyo.”[b] **12** Ngakho
amadoda ayekulelo butho athi
kuJonathani nasesikhonzini
sakhe: “Wozani la, sizonifundi-
sa isifundo!”[c] Ngaso leso sikha-
thi uJonathani wathi esikho-
nzini sakhe: “Ngilandele, ngoba
uJehova uzowanikela esandle-
ni sika-Israyeli.”[d] **13** UJona-
thani wakhuphuka eweni nge-
zandla nangezinyawo, isikho-
nzi sakhe simlandela; uJona-
thani waqala ukulwa namaFi-
listi. Isikhonzi sakhe saqedela
amaFilisti uJonathani ayenga-
wabulalanga. **14** Ekuhlasele-
ni kokuqala uJonathani nesi-
khonzi sakhe babulala amado-
da angu-20 endaweni eyibanga
elifushane.*

**15** Abantu ababesekamu ka-
nye neviyo lamaFilisti bathu-
thumela. Ibutho labaphangi[e]
nalo lathuthumela, umhla-
ba wazamazama. Konke lo-
khu kwakuvela kuNkulunkulu.
**16** Onogada bakaSawule eGi-
bheya[f] kwaBhenjamini babona
ukuthi kunesiyaluyalu yonke
indawo.[g]

**17** USawule wathi kubantu
ababekanye naye: “Ngicela niba-
le abantu nibone ukuthi ubani
ongekho.” Lapho bebala, babo-
na ukuthi uJonathani nesikho-
nzi sakhe abekho. **18** USawule
wayesethi ku-Ahiya:[a] “Sondeza
uMphongolo kaNkulunkulu we-
qiniso!” (Ngoba uMphongolo ka-
Nkulunkulu weqiniso wawu-
kanye nama-Israyeli ngaleso
sikhathi.*) **19** Njengoba uSa-
wule ayekhuluma nompristi, isi-
yaluyalu esasisekamu lamaFili-
sti sasilokhu sanda. USawule
wayesethi kumpristi: “Yeka lo-
khu okwenzayo.”* **20** Ngakho
uSawule nabo bonke abantu
ababekanye naye babuthana
base beya empini, bafike batho-
la ukuthi amaFilisti abulalana
wodwa nokudideka kukhulu ka-
khulu. **21** Ngisho namaHebhe-
ru ayekade echeme namaFili-
sti, ekhuphuke nawo aya eka-
mu, ayebuyela ngakuma-Israye-
li ngaphansi kukaSawule noJo-
nathani. **22** Wonke amadoda
akwa-Israyeli ayecashe[b] ezinta-
beni zakwa-Efrayimi ezwa uku-
thi amaFilisti ayabaleka, ngakho
nawo aya empini ayowajaha.
**23** Ngakho uJehova wamsindi-
sa u-Israyeli ngalolo suku[c] futhi
balwa baze bafika eBheti-aveni.[d]

**24** Kodwa amadoda akwa-
Israyeli ayedonsa kanzima
ngalolo suku, ngoba uSawu-
le wayefungise abantu, wa-
thi: “Uqalekisiwe umuntu odla
noma yini edliwayo* kunga-
kahlwi, ngingakaziphindisele-
li ezitheni zami!” Ngakho ake-
kho noyedwa kubantu owadla
noma yini edliwayo.[e]

**25** Bonke abantu* bafika
ehlathini, lapho kwakukhona
khona uju oluningi. **26** Lapho
abantu befika ehlathini, babo-
na uju luconsa, kodwa ake-
kho owaludla, ngoba babesaba

ISAHL. 14
a Gen 24:14; Hlu 7:11; 1Sa 10:7
b 1Sa 13:6; 1Sa 14:22
c 1Sa 14:10
d 1Sa 14:6; 2Sa 5:23, 24; 2Kh 6:15, 16
e 1Sa 13:17
f 1Sa 10:26; 1Sa 14:2
g 1Sa 14:20

Uhla 2
a 1Sa 14:3
b 1Sa 13:6
c Dut 33:29; Hlu 2:18
d 1Sa 13:5
e Lev 5:4; Num 30:2; Dut 23:21

**14:14** *Noma, “endimeni yensimu engalinywa yizinkabi ngosuku.”

**14:18** *NgesiHebheru, “ngalolo suku.” **14:19** *NgesiHebheru, “Buyisela isandla sakho emuva.” **14:24** *NgesiHebheru, “isinkwa.” **14:25** *NgesiHebheru, “izwe.”

isifungo. **27** Kodwa uJonathani wayengezwanga lapho uyise efungisa abantu,[a] ngakho wagcobhoza ikhekheba lezinyosi ngesihloko senduku ayeyiphethe. Lapho edla, wathola amandla. **28** Omunye kubantu wathi: "Uyihlo ufungise abantu, wathi, 'Uqalekisiwe umuntu odla ukudla namuhla!'[b] Yingakho abantu bekhathele kanje." **29** Nokho, uJonathani wathi: "Ubaba ubafake enkingeni enkulu* abantu. Ngicela nibheke ukuthi amandla ami avuseleleke kanjani ngenxa yokuthi nginambithe le ngcosana yoju. **30** Cabanga ukuthi bekuyoba ngcono kangakanani ukube abantu bebezidlela nje[c] namuhla empangweni yezitha zabo abayitholile! Ukube bekunjalo, bekuyobulawa amaFilisti amaningi nakakhulu."

**31** Ngalolo suku babelokhu bewabulala amaFilisti kusukela eMikimashi kuya e-Ajaloni,[d] ngakho abantu bakhathala kakhulu. **32** Ngenxa yalokho, abantu bagijimela impango ngobugovu bathatha izimvu nezinkomo namathole bakuhlabela khona lapho, badla inyama kanye negazi.[e] **33** Ngakho kwabikwa kuSawule, kwathiwa: "Bheka! Abantu bayona kuJehova ngokudla inyama kanye negazi."[f] USawule wathi: "Ukungathembeki lokhu enikwenzile. Gingqelani itshe elikhulu kimi ngokushesha." **34** Ngemva kwalokho uSawule wathi: "Yanini kubantu nxazonke, nithi kubo, 'Yilowo nalowo makalethe inkomo yakhe nemvu yakhe, nizihlabele kuleli tshe bese niyadla. Ningoni kuJehova ngokudla inyama kanye negazi.'"[a] Ngakho yilowo nalowo kubo waletha inkomo yakhe ngalobo busuku wayihlabela lapho. **35** USawule wabe esakhela uJehova i-altare.[b] Leli kwakuyi-altare lokuqala alakhela uJehova.

**36** Kamuva uSawule wathi: "Masehle silandele amaFilisti ebusuku siwaphange kuze kube sekuseni. Sizowabulala wonke, kungasali noyedwa." Bathi: "Yenza noma yini enhle emehlweni akho." Umpristi wayesethi: "Masibuze kuNkulunkulu weqiniso kule ndawo."[c] **37** USawule wabe esebuza kuNkulunkulu ethi: "Ngehle yini ngilandele amaFilisti?[d] Uzowanikela yini esandleni sika-Israyeli?" Kodwa uNkulunkulu akamphendulanga ngalolo suku. **38** Ngakho uSawule wathi: "Wozani lapha, nonke nina madoda ayizikhulu zabantu, nithole ukuthi yisiphi lesi sono esenziwe namuhla. **39** Ngoba ngimfunge uJehova, owakhulula u-Israyeli, ngisho noma kungaba uJonathani indodana yami, kumele afe." Kodwa akekho noyedwa owamphendula. **40** Wayesethi ku-Israyeli wonke: "Nina nizoba kolunye uhlangothi, mina noJonathani indodana yami sibe kolunye uhlangothi." Abantu bathi kuSawule: "Yenza lokho okuhle emehlweni akho."

**41** USawule wathi kuJehova: "O Nkulunkulu ka-Israyeli, phendula ngeThumimi!"[e] Kwakhethwa uJonathani noSawule, abantu baphunyuka. **42** Manje uSawule wathi: "Yenzani inkatho[f] ukuze kunqunywe ukuthi ubani owonile phakathi kwami noJonathani indodana yami." Kwakhethwa uJonathani. **43** USawule wa-

---

**14:29** *Noma, "ubalethele isigcwagcwa."

ISAHL. 14
a 1Sa 14:17
b 1Sa 14:24
c 1Sa 14:26
d Jos 10:12
e Gen 9:4; Lev 3:17; Lev 17:10; Dut 12:16; IzE 15:29
f Dut 12:23

Uhla 2
a 1Sa 14:32
b 1Sa 7:15, 17
c Num 27:21; 1Sa 30:7, 8
d Hlu 1:1; 1Sa 30:8; 2Sa 5:19
e Eks 28:30; Dut 33:8; Ezr 2:62, 63
f IzA 16:33

yesethi kuJonathani: “Ngitshe-
le, wenzeni?” Ngakho uJo-
nathani wathi: “Ngimane nga-
khotha uju oluncane ngesihlo-
ko senduku yami.[a] Mangibula-
we uma kufanele!”

**44** USawule wathi: “Kwanga-
thi uNkulunkulu angangijezi-
sa kanzima uma ungafi Jona-
thani.”[b] **45** Kodwa abantu ba-
thi kuSawule: “Ingabe uJona-
thani kufanele afe, yena kanye
lo olethe lokhu kunqoba*[c] oku-
khulu kangaka kwa-Israyeli? Yi-
nto engacabangeki leyo! Simfu-
nge uJehova, ngeke kuwele pha-
nsi ngisho nonwele olulodwa
lwekhanda lakhe, ngoba uNku-
lunkulu umsizile kulokhu akwe-
nzile namuhla.”[d] Ngaleyo ndlela
abantu bamkhulula# uJonatha-
ni, akazange afe.

**46** Ngakho uSawule wayeka
ukujaha amaFilisti, amaFilisti
aya ezweni lawo.

**47** USawule wabuqinisa ubu-
khosi bakhe kwa-Israyeli, walwa
nazo zonke izitha zakhe nxazo-
nke, walwa noMowabi,[e] abakwa-
Amoni,[f] abakwa-Edomi,[g] ama-
khosi aseZoba[h] namaFilisti;[i] no-
maphi lapho ayeya khona waye-
nqoba. **48** Walwa ngesibindi,
wanqoba ama-Amaleki,[j] wakhu-
lula u-Israyeli esandleni saba-
phangi.

**49** Amadodana kaSawule
kwakuyilawa: uJonathani,
u-Ishivi noMaliki-shuwa.[k] Waye-
namadodakazi amabili; igama
lendala kunguMerabi,[l] encane
kunguMikhali.[m] **50** Igama lo-
mkaSawule kwakungu-Ahinoha-
ma indodakazi ka-Ahimahazi.
Igama lenduna yempi yakhe
kwakungu-Abhineri[n] indodana
kaNeri, umfowabo kayise kaSa-
wule. **51** UKishi[a] wayenguyise
kaSawule, uNeri[b] uyise ka-Abhi-
neri wayeyindodana ka-Abhi-
yeli.

**52** Kwakuhlale kunempi
enzima phakathi kukaSawu-
le namaFilisti ngesikhathi so-
kubusa kwakhe.[c] Kwakuthi la-
pho uSawule ebona noma iyiphi
indoda enamandla noma ene-
sibindi, ayithathe ayifake ebu-
thweni lakhe.[d]

**15** USamuweli wathi kuSa-
wule: “UJehova wangi-
thuma ukuba ngikugcobe nje-
ngenkosi phezu kwabantu ba-
khe u-Israyeli;[e] manje lale-
la izwi likaJehova.[f] **2** Yilokhu
uJehova wamabutho akusho-
yo: ‘Ngizowajezisa ama-Ama-
leki ngenxa yalokho akwe-
nza ku-Israyeli lapho emela-
na naye endleleni ngesikha-
thi ephuma eGibhithe.[g] **3** Ma-
nje hamba uyobulala ama-Ama-
leki,[h] uwabhubhise[i] kanye na-
kho konke anakho. Ungawaye-
ki;* kumele ubulale[j] indoda
kanye nowesifazane, umntwa-
na kanye nosana, inkomo ka-
nye nemvu, ikamela kanye ne-
mbongolo.’”[k] **4** USawule wa-
biza abantu wababala eThelayi-
mi: Kwakunamasosha ayimigu-
ndatshani angu-200 000 nama-
doda akwaJuda angu-10 000.[l]

**5** USawule wahamba waze
wafika edolobheni lama-Amale-
ki, wabeka abaqamekeli ngase-
sigodini.* **6** USawule wayese-
thi kumaKheni:[m] “Hambani,
sukani phakathi kwama-Ama-
leki, ukuze nginganikhukhu-
li kanye nawo.[n] Ngoba nabo-
nisa uthando oluqotho kuwo
wonke ama-Israyeli ngesi-
khathi ephuma eGibhithe.”[o]
Ngakho amaKheni asuka pha-
kathi kwa-Amaleki. **7** Ngemva

---

**14:45** *Noma, “le nsindiso enkulu.” #NgesiHebheru, “bamhlenga.”

**15:3** *Noma, “Ungawahawukeli.” **15:5** *Noma, “ngasemhosheni.”

**ISAHL. 14**
a 1Sa 14:27
b 1Sa 14:24
c 1Sa 14:14
d 1Sa 14:6
e 1Sa 12:9
f 1Sa 11:11
g Gen 36:8
h 2Sa 10:6
i 1Sa 9:16, 17
j Eks 17:14, Dut 25:19, 1Sa 15:3
k 1Sa 31:2, 1Kr 8:33, 1Kr 9:39
l 1Sa 18:17
m 1Sa 18:27, 1Sa 25:44, 2Sa 3:13, 2Sa 6:20
n 1Sa 17:55, 2Sa 2:8, 2Sa 3:27

**Uhla 2**
a 1Sa 9:1
b 1Kh 2:5
c Gen 49:27, 1Sa 9:16, 17
d 1Sa 8:11, 1Sa 10:26

**ISAHL. 15**
e 1Sa 9:16, 1Sa 10:1
f 1Sa 12:14
g Eks 17:8, Num 24:20, Dut 25:17, 18
h Eks 17:14, Dut 25:19, 1Kr 4:43
i Lev 27:29, 1Sa 15:18
j Dut 9:1, 3
k Dut 13:17, Jos 6:18
l 1Sa 11:8, 1Sa 13:15
m Num 10:29, 32, Num 24:21, Hlu 1:16
n Gen 18:25, Gen 19:12, 13, Jos 6:17
o Eks 18:9, 12

kwalokho uSawule wawabulala
ama-Amaleki[a] kusukela eHavi-
la[b] kuze kufike eShuri,[c] eliseduze
kweGibhithe. **8** Wambamba
ephila u-Agagi[d] inkosi yama-
Amaleki, kodwa bonke abanye
abantu wabaqothula ngenke-
mba.[e] **9** Nokho, uSawule naba-
ntu abambulalanga* u-Agagi ka-
nye nomhlambi wezimvu nowe-
zimbuzi ongcono kunayo yonke,
umhlambi wezinkomo ezinonile,
izinqama nakho konke okwaku-
kuhle.[f] Abafunanga ukukubhu-
bhisa. Kodwa zonke izinto eza-
zidelelekile nezazingafunwa mu-
ntu bazibhubhisa.

**10** Izwi likaJehova lafika ku-
Samuweli, lathi: **11** "Ngiyazi-
sola* ngokuthi ngibeke uSawu-
le waba yinkosi, ngoba uye-
kile ukungilandela, akawa-
fezanga amazwi ami."[g] USa-
muweli wakhathazeka kakhu-
lu, wayelokhu ekhala kuJe-
hova ubusuku bonke.[h] **12** La-
pho uSamuweli evuka ekuse-
ni ukuze ahlangane noSawu-
le, uSamuweli wabikelwa kwa-
thiwa: "USawule uye eKarme-
li,[i] wafike wazimisela itshe eli-
yisikhumbuzo.[j] Ngemva kwalo-
kho usukile wehlela eGiligali."
**13** Ekugcineni lapho uSamu-
weli efika kuSawule, uSawule
wathi kuye: "Kwangathi uJe-
hova angakubusisa. Ngikwe-
nzile lokho uJehova akushilo."
**14** Kodwa uSamuweli wathi:
"Pho owani lo msindo womhla-
mbi wezimvu nowezimbuzi, ka-
nye nomsindo wezinkomo engi-
wuzwayo?"[k] **15** USawule wa-
phendula wathi: "Babuye nazo
kuma-Amaleki, ngoba abantu
abazibulalanga* izimvu nezi-
mbuzi nezinkomo ezinhle ku-
nazo zonke ukuze benze nga-
zo umhlatshelo oya kuJeho-
va uNkulunkulu wakho; kodwa
konke okunye sikubhubhisile."
**16** USamuweli wathi kuSawu-
le: "Yima-ke! Awuthi ngiku-
tshele lokho uJehova akusho
kimi izolo ebusuku."[a] Ngakho
wathi kuye: "Khuluma!"

**17** USamuweli wathi: "Wawu-
ngaziboni yini ungelutho[b] la-
pho wenziwa inhloko yezizwe
zakwa-Israyeli, nalapho uJeho-
va ekugcoba ukuba ube yinkosi
kwa-Israyeli?[c] **18** Kamuva uJe-
hova wakuthuma wathi, 'Hamba
uyobhubhisa lezi zoni ezingama-
Amaleki,[d] ulwe nazo uze uziqo-
thule.'[e] **19** Pho kungani unga-
lilalelanga izwi likaJehova? Ku-
nalokho, ugijimele impango ngo-
bugovu,[f] wenza okubi emehlwe-
ni kaJehova!"

**20** Nokho, uSawule wathi
kuSamuweli: "Kodwa ngililale-
lile izwi likaJehova! Ngiyile la-
pho uJehova engithume kho-
na, ngabuya no-Agagi inkosi
yama-Amaleki, ngawaqothula
ama-Amaleki.[g] **21** Kodwa aba-
ntu bathathe izimvu nezinko-
mo empangweni, okungcono
kakhulu kulokho obekufane-
le kubhujiswe, ukuze benzele
uJehova uNkulunkulu wakho
umhlatshelo eGiligali."[h]

**22** USamuweli wathi: "Inga-
be uJehova ujabulela imini-
kelo eshiswayo nemihlatshe-
lo[i] kunokulalelwa kwezwi li-
kaJehova? Ukulalela kungcono
kunomhlatshelo,[j] nokunakisisa
kungcono kunamanoni[k] ezinqa-
ma; **23** ngoba ukudlubulunda[l]
kuyafana nesono sokubhula,[m]
nenkani iyafana nokwenza imi-
lingo nokukhonza izithixo.*
Ngenxa yokuthi awulilalelanga

---

**15:9** *Noma, "bamhawukela." **15:11** *Noma, "Ngiyadabuka." **15:15** *Noma, "bazihawukele."

**15:23** *NgesiHebheru, "izithombe zamatherafi," okuwukuthi, onkulunkulu bomndeni; izithixo.

ISAHL. 15
a Dut 25:19; 1Sa 14:47, 48
b Gen 25:17, 18
c 1Sa 27:8
d 1Sa 15:33
e Lev 27:29; 1Sa 15:3
f Jos 7:12
g 1Sa 13:13; 1Sa 15:3
h 1Sa 16:1
i Jos 15:20, 55
j 2Sa 18:18
k 1Sa 15:3

Uhla 2
a 1Sa 15:10, 11
b 1Sa 9:21; 1Sa 10:22
c 1Sa 9:16; 1Sa 10:1
d 1Sa 15:3
e Dut 25:19
f Dut 13:17; 1Sa 15:9
g Lev 27:29; Dut 7:16; 1Sa 15:3, 9
h 1Sa 15:15
i Isay 1:11
j IzA 21:3; Hos 6:6; Mar 12:33
k Lev 3:16
l 1Sa 12:15
m Lev 20:6; Dut 18:10, 12; 1Kr 10:13

izwi likaJehova,[a] naye ukula-
hlile ukuba ungabe usaba yi-
nkosi."[b]

**24** USawule wathi kuSamu-
weli: "Ngonile, ngiweqile umya-
lo kaJehova namazwi akho,
ngoba ngesabe abantu ngalale-
la izwi labo. **25** Manje ngice-
la ungixolele ngesono engise-
nzile, ubuyele nami emuva uku-
ze ngikhothame kuJehova."[c]
**26** Kodwa uSamuweli wathi
kuSawule: "Ngeke ngibuye-
le nawe emuva, ngoba awulila-
lelanga izwi likaJehova, noJe-
hova usekulahlile ukuba unga-
be usaqhubeka uyinkosi phe-
zu kuka-Israyeli."[d] **27** Njengo-
ba uSamuweli ayephenduka
ukuze ahambe, uSawule wa-
bamba umphetho wejazi lakhe
elingenamikhono, lavele la-
dabuka. **28** USamuweli waye-
sethi kuye: "UJehova ubu-
hlwithile ubukhosi buka-Isra-
yeli kuwe namuhla, uzobunika
umuntu wakini ongcono kuna-
we.[e] **29** Ngaphezu kwalokho,
uMhlonishwa ka-Israyeli[f] nge-
ke aqambe manga[g] noma ashi-
ntshe umqondo,* ngoba akaye-
na umuntu ukuba kudingeke
ashintshe umqondo."*[h]

**30** Wathi: "Ngonile. Kodwa
ngicela ungangilahli phambi
kwamadoda amadala abantu
bami naphambi kuka-Israyeli.
Buyela nami emuva ukuze
ngikhothame kuJehova uNku-
lunkulu wakho."[i] **31** Ngakho
uSamuweli wabuyela emu-
va noSawule, uSawule wa-
khothama kuJehova. **32** Nge-
mva kwalokho uSamuweli
wathi: "Lethani u-Agagi inko-
si yama-Amaleki lapha kimi."
U-Agagi waya kuye emadolo-
nzima,* ngoba u-Agagi waye-
lokhu ezitshela ethi: 'Naka-
njani angisekho engozini yo-
kufa.'* **33** Nokho, uSamuweli
wathi: "Njengoba nje inke-
mba yakho iphuce abesifaza-
ne izingane zabo, nonyoko uzo-
ba sosizini lokufelwa ukwe-
dlula bonke abanye besifaza-
ne." Ngemva kwalokho uSamu-
weli wamhlahlela u-Agagi pha-
mbi kukaJehova eGiligali.[a]

**34** USamuweli wahamba wa-
ya eRama, uSawule wakhu-
phukela emzini wakhe eGibhe-
ya likaSawule. **35** USamuweli
waze wafa engaphindanga wa-
mbona uSawule, ngoba uSamu-
weli wezwa ubuhlungu ngoSa-
wule.[b] UJehova yena waziso-
la ngokuthi wayebeke uSawule
waba yinkosi kwa-Israyeli.[c]

**16** Ekugcineni uJehova wa-
thi kuSamuweli: "Kuyoze
kube nini ulilela uSawule[d] nje-
ngoba sengimalile ukuba anga-
be esabusa njengenkosi phezu
kuka-Israyeli?[e] Gcwalisa upho-
ndo lwakho ngamafutha[f] uha-
mbe. Ngizokuthuma kuJese[g]
waseBhetlehema, ngoba ngizi-
khethele inkosi emadodaneni
akhe."[h] **2** Kodwa uSamuweli
wathi: "Ngingaya kanjani? La-
pho uSawule ezwa ngakho
uzongibulala."[i] UJehova wa-
thi: "Thatha isithole uhambe
naso, ufike uthi, 'Ngizokwe-
nzela uJehova umhlatshelo.'
**3** Mema uJese ukuba eze em-
hlatshelweni; ngiyobe sengiku-
tshela okufanele ukwenze. Ku-
mele ungigcobele lowo engizo-
kubonisa yena."[j]

**4** USamuweli wakwenza lo-
kho uJehova ayekushilo. La-
pho efika eBhetlehema[k] ama-
doda amadala edolobha athu-
thumela lapho embona, athi
kuye: "Ingabe uze ngesihle?"

**ISAHL. 15**
a 1Sa 15:3
b 1Sa 13:14; 1Sa 16:1; IzE 13:22
c 1Sa 15:30
d 1Sa 13:14; 1Sa 16:1
e 1Sa 13:14; 1Sa 16:12, 13; IzE 13:22
f 1Kr 29:11
g Tit 1:2; Heb 6:18
h Num 23:19
i 1Sa 15:25

**Uhla 2**
a Eks 17:14; Dut 25:19; 1Sa 15:3
b 1Sa 16:1
c 1Sa 15:11

**ISAHL. 16**
d 1Sa 15:35
e 1Sa 15:23, 26
f 1Kh 1:39
g Rut 4:17; 1Kr 2:12
h Gen 49:10; 1Sa 13:14; Hu 78:70; IzE 13:22
i 1Sa 22:17
j Hu 89:20
k Rut 4:11; 1Sa 20:6

**15:29** *Noma, "azisole." **15:32** *Noma kungaba, "ngokuzethemba."

**15:32** *NgesiHebheru, "osizini lokufa."

**5** Wathi: “Yebo ngize ngesihle.
Ngizokwenzela uJehova um-
hlatshelo. Zingcweliseni, bese
niza siye emhlatshelweni.” Wa-
ngcwelisa uJese namadodana
akhe, ngemva kwalokho waba-
bizela emhlatshelweni. **6** La-
pho bengena futhi ebona u-Eli-
yabe,[a] wathi: “Nakanjani uJe-
hova ukhethe lo.”* **7** Kodwa
uJehova wathi kuSamuweli:
“Musa ukubheka indlela abu-
keka ngayo nobude bakhe,[b]
ngoba angimkhethanga. Ngo-
ba indlela umuntu abona nga-
yo akuyona indlela uNkulunku-
lu abona ngayo, ngoba umuntu
ubona okubonakala emehlwe-
ni, kodwa uJehova ubona oku-
senhliziyweni.”[c] **8** UJese wa-
biza u-Abhinadaba[d] wamletha
phambi kukaSamuweli, kodwa
wathi: “UJehova akamkhetha-
nga nalona.” **9** Ngemva kwa-
lokho uJese waletha uShamu-
maha,[e] kodwa uSamuweli wa-
thi: “UJehova akamkhetha-
nga nalona.” **10** Ngakho uJe-
se waletha amadodana akhe
ayisikhombisa phambi kukaSa-
muweli, kodwa uSamuweli wa-
thi kuJese: “Ayikho uJehova
ayikhethile kulawa.”

**11** Ekugcineni uSamuweli
wathi kuJese: “Ingabe sebe-
phelele abafana bakho?” Wa-
thi: “Sekusele omncane kuna-
bo bonke;[f] weluse izimvu.”[g]
USamuweli wabe esethi kuJe-
se: “Thumela bamlande, ngo-
ba ngeke sihlale phansi sidle
engakafiki.” **12** Ngakho wa-
thumela bamlanda, wayesem-
ngenisa. Wayebomvana, ena-
mehlo amahle futhi emuhle.[h]
UJehova wathi: “Sukuma um-
gcobe, ngoba nguye lo!”[i]
**13** Ngakho uSamuweli watha-
tha uphondo lwamafutha[j] wam-
gcoba phambi kwabafowabo.
Kusukela ngalolo suku ku-
qhubeke umoya kaJehova wa-
nika uDavide amandla.[a] Kamu-
va uSamuweli wahamba waya
eRama.[b]

**14** Umoya kaJehova wawu-
susukile kuSawule,[c] uJehova
wavumela umoya omubi ukuba
umesabise kakhulu.[d] **15** Izi-
nceku zikaSawule zathi kuye:
“Uyabona ukuthi umoya omu-
bi ovela kuNkulunkulu uya-
kwesabisa. **16** Siyacela nkosi,
yala izinceku zakho ezipha-
mbi kwakho ukuba zifune umu-
ntu onekhono lokudlala iha-
bhu.[e] Kuyothi lapho umoya
omubi ovela kuNkulunkulu we-
hlela phezu kwakho alidlale,
bese uba ngcono.” **17** Ngakho
uSawule wathi ezincekwini za-
khe: “Ngicela ningitholele umu-
ntu odlala kahle ihabhu, nimle-
the kimi.”

**18** Esinye sezikhonzi saphe-
ndula sathi: “Ngiyibonile indle-
la indodana kaJese waseBhe-
tlehema enekhono ngayo eku-
dlaleni ihabhu, iyinsizwa enesi-
bindi neyiqhawe.[f] Iyigagu eku-
khulumeni, yinhle[g] futhi uJe-
hova unayo.”[h] **19** USawule
wayesethumela izithunywa ku-
Jese wathi: “Ngithumelele uDa-
vide indodana yakho, owelu-
se izimvu.”[i] **20** Ngakho uJese
wathatha imbongolo walayisha
isinkwa, isigubhu sesikhumba
esinewayini nembuzi esenca-
ne wakuthumela kuSawule ka-
nye noDavide indodana yakhe.
**21** Kanjalo uDavide wafika ku-
Sawule waba yisikhonzi sa-
khe.[j] USawule wamthanda ka-
khulu, waba isikhonzi esipha-
tha izikhali zakhe. **22** USawu-
le wathumela umyalezo kuJe-
se, wathi: “Ngicela uDavide
aqhubeke engikhonza, ngoba
uthole umusa emehlweni ami.”

**ISAHL. 16**

*a* 1Sa 17:28; 1Kr 2:13
*b* 1Sa 10:21, 23
*c* 1Kh 8:39; 1Kr 28:9; Hu 7:9; IzA 24:12; Jer 17:10; IzE 1:24
*d* 1Sa 17:13; 1Kr 2:13
*e* 2Sa 13:3
*f* 1Sa 17:14
*g* 2Sa 7:8; Hu 78:70
*h* 1Sa 17:42
*i* 1Sa 13:14; Hu 89:20; IzE 13:22
*j* 1Sa 16:1; 1Kh 1:39

**Uhla 2**

*a* Num 11:17; Hlu 3:9, 10; 1Sa 10:6; 2Sa 23:2
*b* 1Sa 1:1, 19
*c* 1Sa 18:12; 1Sa 28:15
*d* 1Sa 18:10; 1Sa 19:9
*e* IzA 22:29
*f* 1Sa 17:32, 36; 1Sa 17:45, 46
*g* 1Sa 16:12
*h* 1Sa 18:12
*i* 1Sa 17:15
*j* IzA 22:29

**16:6** *NgesiHebheru, “Nakanjani ogcotshiwe wakhe uphambi kukaJehova.”

**23** Kwakuthi lapho uSawule
ehlelwa umoya omubi ovela ku-
Nkulunkulu, uDavide athathe
ihabhu alidlale, uSawule waye-
thola impumuzo abe ngcono,
umoya omubi usuke kuye.[a]

**17** AmaFilisti[b] aqoqa ama-
butho* awo ukuze aye
empini. Abuthana eSoko[c] la-
kwaJuda, amisa amatende awo
phakathi kweSoko ne-Azeka,[d]
e-Efesi-damimi.[e] **2** USawule
namadoda akwa-Israyeli baqo-
qana bamisa amatende eSigo-
dini Sase-Elahi,*[f] balungela
ukulwa namaFilisti. **3** AmaFi-
listi ayesentabeni engakolunye
uhlangothi, nama-Israyeli ese-
ntabeni engakolunye uhlango-
thi, behlukaniswe yisigodi.

**4** Kwaphuma ingqwele ebu-
thweni lamaFilisti; igama
layo kunguGoliyati,[g] ingeyase-
Gati,[h] ubude bayo bungamami-
tha angaba ngu-2,9. **5** Ekha-
nda yayifake isigqoko sokuzivi-
kela sethusi, igqoke ijazi loku-
zivikela elinezingcwecwe ezila-
kanyene. Isisindo sejazi lethusi[i]
sasingamashekeli angu-5 000.*
**6** Yayifake izivikelo zemilenze
zethusi, kukhona nengcula[j] ye-
thusi phakathi kwamahlombe
ayo. **7** Umphini womkhonto
wayo kwakungathi ugodo lo-
hlaka lokweluka indwangu,[k] isi-
hloko somkhonto sensimbi si-
ngamashekeli angu-600;* owa-
yeyiphathele ihawu wayeha-
mba phambi kwayo. **8** Yama
yamemeza ibutho lakwa-Isra-
yeli[l] yathi kulo: "Niphumele-
ni nazolungela impi? Angiyena
yini mina umFilisti, nina ani-
zona yini izinceku zikaSawule?
Zikhetheleni indoda, yehle ize
kimi. **9** Uma ilwa nami bese
ingibulala, sizoba yizinceku
zenu. Kodwa uma ngiyinqoba
ngiyibulale, nizoba yizinceku
zethu nisikhonze." **10** Lo mFi-
listi wathi: "Ngiliphonsela inse-
lele* ibutho lakwa-Israyeli[a] na-
muhla. Nginikeni indoda, si-
lwe!"

**11** Lapho uSawule no-Isra-
yeli wonke bezwa la mazwi om-
Filisti, bashaywa uvalo, besaba
kakhulu.

**12** Manje uDavide wayeyi-
ndodana yomEfratha[b] wase-
Bhetlehema[c] kwaJuda ogama
lakhe kwakunguJese,[d] owaye-
namadodana angu-8.[e] Ezinsu-
kwini zikaSawule uJese wa-
yeseyikhehla. **13** Amadodana
amathathu kaJese amadala
ayehambe noSawule aya empi-
ni.[f] Amagama ala madoda-
na akhe amathathu aya empi-
ni kwakungu-Eliyabe[g] izibulo,
indodana yakhe yesibili kungu-
Abhinadaba[h] eyesithathu ku-
nguShamumaha.[i] **14** UDavide
wayemncane kunabo bonke,[j]
abathathu abadala balandela
uSawule.

**15** UDavide wayehamba ayo-
kwelusa izimvu[k] zikayise eBhe-
tlehema abuye aphindele kuSa-
wule. **16** UmFilisti wayesonde-
la njalo ekuseni nakusihlwa ezo-
baphonsela inselele kwaze kwa-
phela izinsuku ezingu-40.

**17** UJese wathi kuDavide
indodana yakhe: "Ngicela utha-
the leli efa* lokudla oku-
sanhlamvu okugazingiwe nale-
zi zinkwa eziyishumi, uku-
phuthumise kubafowenu eka-
mu. **18** Thatha nalezi zigaxa
zikashizi* eziyishumi ufike uzi-
nike induna yenkulungwane;
ufike ubheke nenhlalakahle

---

**17:1** *NgesiHebheru, "amakamu." **17:2** *Noma, "eThafeni Eliphansi Lase-Elahi." **17:5** *Angaba ngu-57 kg. Bheka iSithasiselo B14. **17:7** *Angaba ngu-6,84 kg. Bheka iSithasiselo B14.

**17:10** *Noma, "Ngiyalidelela." **17:17** *Cishe ngu-22 L. Bheka iSithasiselo B14. **17:18** *NgesiHebheru, "zobisi."

---

**ISAHL. 16**
a 1Sa 16:14; 1Sa 18:10; 1Sa 19:9

**ISAHL. 17**
b Hlu 3:1, 3; 1Sa 9:16; 1Sa 14:52
c 2Kr 28:18
d Jos 15:20, 35; Jer 34:7
e 1Kr 11:12, 13
f 1Sa 21:9
g 1Sa 17:23
h Jos 11:22; 2Sa 21:20, 21
i 1Sa 17:38, 39; 1Kh 22:34
j 1Sa 17:45
k 1Kr 20:5
l Num 33:55

**Uhla 2**
a 1Sa 17:26; 2Kh 19:22
b Gen 35:16, 19; Rut 1:2
c 1Sa 17:58; Mik 5:2; Mat 2:6
d Rut 4:22
e 1Kr 2:13-15
f Num 1:3
g 1Sa 16:6
h 1Sa 16:8
i 1Sa 16:9
j 1Kr 2:13, 15
k 1Sa 16:11, 19

yabafowenu, ubuye nento ewu-
bufakazi bokuthi bayaphila.”
**19** BabenoSawule kanye nawo
wonke amanye amadoda akwa-
Israyeli eSigodini Sase-Elahi,*[a]
belwa namaFilisti.[b]

**20** Ngakho uDavide wavuka
ekuseni kakhulu washiya izi-
mvu zeluswe omunye; watha-
tha lezo zinto wahamba nje-
ngoba nje uJese ayemyalile.
Lapho efika ekamu, ibutho lali-
phuma liya enkundleni yempi,
lisho isiqubulo sempi. **21** U-
Israyeli namaFilisti basondela-
na ukuze elinye ibutho libhe-
kane nelinye. **22** Ngokushe-
sha uDavide washiya umthwa-
lo ayewuphethe kumuntu owa-
yegada imithwalo wagijimela
enkundleni yempi. Lapho efi-
ka, wabuza abafowabo nge-
nhlalakahle yabo.[c]

**23** Esakhuluma nabo, kwa-
qhamuka ingqwele, egama layo
kunguGoliyati[d] umFilisti wase-
Gati. Yaphuma ebuthweni la-
maFilisti, yasho amazwi ebilo-
khu iwasho ngaphambili,[e] uDa-
vide wayizwa. **24** Lapho wo-
nke amadoda akwa-Israyeli eyi-
bona le ndoda, ayibalekela
ethuke kakhulu.[f] **25** Amado-
da akwa-Israyeli ayekhulu-
ma ethi: “Niyibonile le ndo-
da ephuma ebuthweni? Izo-
phonsela u-Israyeli inselele.*[g]
Umuntu ozoyibulala, inkosi
izomnika ingcebo enkulu, imni-
ke indodakazi yayo,[h] ikhulule
indlu kayise ekukhokheni inte-
la nezinye izinto ama-Israyeli
okufanele azinike inkosi.”

**26** UDavide wathi emadode-
ni ayemi eduze kwakhe: “Uzo-
tholani umuntu ozobulala lowa-
ya mFilisti asuse ihlazo phezu
kuka-Israyeli? Ngoba unguba-
ni lo mFilisti ongasokile ukuba
adelele* ibutho lempi likaNku-
lunkulu ophilayo?”[a] **27** Aba-
ntu bamtshela izinto ezazithe-
njiswe yinkosi base bethi: “Yi-
lokhu okuzotholwa ngumuntu
ombulalayo.” **28** Lapho u-Eli-
yabe[b] umfowabo omdala emu-
zwa ekhuluma nalawo ma-
doda, wamthukuthelela uDavi-
de, wathi: “Wehleleni? Uzishi-
ye nobani leziya zimvu ezimba-
lwa ezisehlane?[c] Ngikwazi ka-
hle ukugabadela kwakho no-
bubi benhliziyo yakho; wehlele
ukuzobona impi nje kwaphela.”
**29** UDavide wathi: “Sengenze-
ni manje? Bengimane ngibuza
nje!” **30** Ngakho waphenduka
wasuka kuye waya komunye
wabuza umbuzo ofanayo,[d] na-
bantu bamnika impendulo efa-
na neyasekuqaleni.[e]

**31** Abathile bakuzwa lokho
uDavide ayekushilo base be-
bikela uSawule. Ngakho wa-
thi makalandwe. **32** UDavide
wathi kuSawule: “Ungavumeli
muntu ukuba aphele amandla
ngenxa yalo mFilisti. Inceku
yakho izohamba iyolwa naye.”[f]
**33** Kodwa uSawule wathi ku-
Davide: “Awukwazi ukuyolwa
nalo mFilisti, ngoba ungumfa-
na nje,[g] yena ubelokhu eyi-
sosha* kusukela ebusheni ba-
khe.” **34** UDavide wathi kuSa-
wule: “Inceku yakho yaba uma-
lusi wezimvu zikayise, kwaqha-
muka ibhubesi[h] lathatha imvu
emhlanjini. Ngesinye isikhathi
kwaqhamuka ibhere lenza oku-
fanayo. **35** Ngakulandela nga-
kubulala ngazophula emlonye-
ni wako. Lapho kungivukela
ngakubamba ngoboya* ngaku-

**ISAHL. 17**

*a* 1Sa 17:2 1Sa 21:9
*b* 1Sa 9:16, 17
*c* 1Sa 17:17, 18
*d* 1Sa 17:4
*e* 1Sa 17:10
*f* 1Sa 17:11
*g* 1Sa 17:10
*h* Jos 15:16 1Sa 14:49 1Sa 18:17, 21

**Uhla 2**

*a* 1Sa 17:10 Jer 10:10
*b* 1Sa 16:6, 7 1Kr 2:13
*c* 1Sa 17:20
*d* 1Sa 17:26
*e* 1Sa 17:25
*f* 1Sa 16:18
*g* 1Sa 17:42
*h* Isay 31:4

---

**17:19** *Noma, “eThafeni Eliphansi Lase-Elahi.” **17:25** *Noma, “Izodelela u-Israyeli.”

**17:26** *Noma, “aliphonsele inselele.” **17:33** *Noma, “eyindoda yempi.” **17:35** *Noma, “ngomhlathi.” NgesiHebheru, “ngamadevu.”

shaya ngakubulala. **36** Ince-
ku yakho yabulala ibhube-
si kanye nebhere, lo mFili-
sti ongasokile uzoba njengoku-
nye kwako, ngoba udelele* ibu-
tho lempi likaNkulunkulu ophi-
layo."[a] **37** UDavide wanezela:
"UJehova, owangikhulula ezi-
dladleni zebhubesi nasebhere-
ni, nguye ozongikhulula esa-
ndleni salo mFilisti."[b] Lapho
ezwa lokhu uSawule wathi ku-
Davide: "Hamba, kwangathi
uJehova angaba nawe."

**38** USawule wagqokisa uDa-
vide izingubo zakhe. Wamfaka
isigqoko sokuzivikela sethusi,
ngemva kwalokho wamgqokisa
ijazi lokuzivikela. **39** UDavide
wagaxa inkemba yakhe phe-
zu kwezingubo zakhe wayese-
zama ukuhamba kodwa wehlu-
leka, ngoba wayengazijwayele
lezi zinto. UDavide wathi ku-
Sawule: "Angikwazi ukuhamba
ngigqoke lezi zinto, ngoba angi-
zijwayele." Ngakho uDavide wa-
zikhumula. **40** Wabe esetha-
tha induku yakhe, wazikhe-
thela amatshe amahlanu abu-
shelelezi emfudlaneni* wawafa-
ka esikhwameni sakhe sabelu-
si, waphatha indwayimane[c] ya-
khe ngesandla. Ngemva kwalo-
kho waqonda kumFilisti.

**41** UmFilisti wayelokhu eso-
ndela kuDavide, umuntu ophe-
the ihawu lakhe ehamba pha-
mbi kwakhe. **42** Lapho umFi-
listi ebona uDavide, wameya
ngoba wayengumfana nje obo-
mvana, omuhle.[d] **43** Ngakho
umFilisti wathi kuDavide: "Ngi-
yinja yini[e] ukuba uzolwa nami
ngezinduku?" UmFilisti waqa-
lekisa uDavide ngonkulunkulu
bakhe. **44** UmFilisti wathi ku-
Davide: "Sondela nje, inyama
yakho ngizoyinika izinyoni za-
mazulu nezilwane zasendle."

**45** UDavide wamphendula
umFilisti wathi: "Wena uza kimi
nenkemba nomkhonto nengcu-
la,[a] kodwa mina ngiza kuwe
ngegama likaJehova wamabu-
tho,[b] uNkulunkulu webutho le-
mpi yakwa-Israyeli, omdelelile.*[c]
**46** Namuhla uJehova uzokuni-
kela esandleni sami,[d] ngizoku-
bulala ngikunqume ikhanda; na-
muhla izidumbu zekamu lama-
Filisti ngizozipha izinyoni zama-
zulu nezilo zasendle zomhlaba;
abantu emhlabeni wonke bazo-
kwazi ukuthi ukhona uNkulu-
nkulu kwa-Israyeli.[e] **47** Bonke
laba bantu abalapha* bazokwazi
ukuthi uJehova akasindisi nga-
nkemba nangamkhonto,[f] ngoba
impi ingekaJehova,[g] uzoninikela
nonke esandleni sethu."[h]

**48** UmFilisti wayelokhu eso-
ndela kancane kancane kuDa-
vide, kodwa uDavide washe-
sha wagijimela enkundleni ye-
mpi ukuze alwe nalo mFilisti.
**49** UDavide wafaka isandla
esikhwameni sakhe wakhipha
itshe walijikijela ngendwayima-
ne. Washaya umFilisti esipho-
ngweni itshe langena lasho-
na esiphongweni sakhe, wawa
phansi ngobuso.[i] **50** Ngakho
uDavide wamnqoba umFilisti
ngendwayimane netshe; wa-
mlahla phansi umFilisti wa-
mbulala, nakuba uDavide aye-
ngaphethe nkemba.[j] **51** UDa-
vide waqhubeka egijima wafi-
ke wama phezu komFilisti.
Wayesebamba inkemba yomFi-
listi[k] wayihosha esikhwameni
sayo wamnquma ngayo ikha-
nda ukuze aqiniseke ukuthi ufi-
le. Lapho amaFilisti ebona uku-
thi iqhawe lawo lifile, abaleka.[l]

---

**17:36** *Noma, "uliphonsele inselele."
**17:40** *Noma, "emhosheni."
**17:45** *Noma, "omphonsele inselele."
**17:47** *NgesiHebheru, "Lonke leli ba-ndla."

---

**ISAHL. 17**
*a* 1Sa 17:10; Jer 10:10
*b* Dut 7:21; 2Kh 6:16; Heb 11:32-34
*c* Hlu 20:15, 16
*d* 1Sa 16:12; 1Sa 17:33
*e* 1Sa 24:14; 2Sa 16:9; 2Kh 8:13

**Uhla 2**
*a* 1Sa 17:4, 6
*b* 2Sa 5:10; Heb 11:32-34
*c* 1Sa 17:10; 2Kh 19:22
*d* Dut 9:1-3; Jos 10:8
*e* Eks 9:16; Dut 28:10; 1Kh 8:43; 2Kh 19:19; Dan 3:29
*f* Hu 44:6, 7; Zak 4:6
*g* 2Kr 20:15; IzA 21:31
*h* Dut 20:4
*i* 1Sa 17:37; 2Sa 21:22
*j* Hlu 3:31; Hlu 15:15, 16; 1Sa 17:47
*k* 1Sa 21:9
*l* Dut 28:7; Jos 23:10; Heb 11:32-34

**52** Amadoda akwa-Israyeli nawakwaJuda amemeza awajaha amaFilisti kusukela esigodini[a] kuze kuyofika emasangweni ase-Ekroni,[b] ababefile kumaFilisti babedindilize emgwaqweni osuka eShaharayimi,[c] kuze kuyofika eGati nase-Ekroni. **53** Ngemva kokuba ama-Israyeli esebuyile ukuyojaha amaFilisti, aphanga amakamu awo.

**54** Ngemva kwalokho, uDavide wathatha ikhanda lomFilisti waliletha eJerusalema, kodwa izikhali zomFilisti wazibeka etendeni lakhe.[d]

**55** Ngesikhathi uSawule ebona uDavide ephuma eyolwa nomFilisti, wathi ku-Abhineri,[e] induna yebutho: "Uyindodana kabani lo mfana,[f] Abhineri?" U-Abhineri wathi: "Ngiyafunga phambi kwakho nkosi,* angazi!" **56** Inkosi yathi: "Ngitholele ukuthi leli bhungu liyindodana kabani." **57** Ngakho, ngokushesha nje lapho uDavide esebuyile ekubulaleni umFilisti,[g] u-Abhineri wamthatha wamletha phambi kukaSawule ephethe ikhanda lomFilisti. **58** USawule wathi kuye: "Uyindodana kabani, mfana?" uDavide wathi: "Ngiyindodana yenceku yakho uJese[h] waseBhethlehema."[i]

**18** Kwathi nje lapho uDavide eqeda ukukhuluma noSawule, uJonathani[j] noDavide baba abangani abakhulu, uJonathani waqala ukumthanda njengoba ezithanda yena.[k] **2** Kusukela ngalolo suku, uSawule wamthatha uDavide, akamvumelanga ukuba abuyele emzini kayise.[l] **3** UJonathani noDavide benza isivumelwano,[m] ngenxa yokuthi wayemthanda njengoba ezithanda yena.[n] **4** UJonathani wakhumula ijazi elingenamikhono ayelembethe walinika uDavide, kanye nezingubo zakhe, inkemba yakhe, umnsalo wakhe kanye nebhande lakhe. **5** UDavide waqala ukuphuma imikhankaso yempi. Wayephumelela*[a] nomaphi lapho uSawule ayemthuma khona. Ngakho uSawule wamenza induna yebutho,[b] lokhu kwabajabulisa bonke abantu nezinceku zikaSawule.

**6** Kwakuthi lapho uDavide nabanye bebuya ukuyobulala amaFilisti, kuphume abesifazane kuwo wonke amadolobha akwa-Israyeli becula,[c] bedansa bezohlangabeza iNkosi uSawule, beshaya amathamborini,[d] bejabula beshaya nezigingci. **7** Abesifazane ababehalalisela ukunqoba babecula bethi:

"USawule ubulele izinkulungwane zakhe,
UDavide yena ubulele amashumi ezinkulungwane zakhe."[e]

**8** USawule wathukuthela kakhulu,[f] nale ngoma ayimjabulisanga ngoba wathi: "Banike uDavide amashumi ezinkulungwane, kodwa mina banginike izinkulungwane. Ukuphela kwento esele ukuba bamnike yona, ubukhosi!"[g] **9** Kusukela ngalolo suku kuqhubeke, uSawule wayengasamethembi uDavide.

**10** Ngosuku olulandelayo uSawule wahlaselwa umoya omubi[h] ovela kuNkulunkulu, waqala ukwenza izinto eziyinqaba* endlini, ngesikhathi uDavide edlala umculo ngehabhu[i] njengenhlalayenza. USa-

ISAHL. 17
a 1Sa 17:2, 19
b Jos 15:20, 45
c Jos 15:20, 36
d 1Sa 21:9
e 1Sa 14:50
f 1Sa 16:19, 21
g 1Sa 17:54
h Rut 4:22; 1Sa 16:1; 1Kr 2:13, 15; Mat 1:6; Luk 3:23, 32; IzE 13:22
i 1Sa 17:12

ISAHL. 18
j 1Sa 14:1, 49
k 1Sa 19:2; 1Sa 20:17, 41; 2Sa 1:26
l 1Sa 8:11; 1Sa 16:22; 1Sa 17:15
m 1Sa 20:8, 42; 1Sa 23:18; 2Sa 9:1; 2Sa 21:7
n IzA 17:17; IzA 18:24

Uhla 2
a 1Sa 18:30
b 1Sa 14:52
c Eks 15:20, 21; Hlu 5:1
d Hlu 11:34
e 1Sa 21:11; 1Sa 29:5
f Gen 4:5; IzA 14:30
g 1Sa 13:14; 1Sa 15:27, 28; 1Sa 16:13; 1Sa 20:31; 1Sa 24:17, 20
h 1Sa 16:14
i 1Sa 16:16, 23

**17:55** *Noma, "Kuphila kwakho nkosi."

**18:5** *Noma, "Wayenza ngokuhlakanipha." **18:10** *Noma, "waziphathisa okomprofethi."

wule wayephethe umkhonto ngesandla,[a] **11** wawujikijela umkhonto[b] ethi enhliziyweni yakhe: 'Ngizomhlanganisa nodonga uDavide!' Kodwa uDavide waphunyuka izikhathi ezimbili. **12** Ngemva kwalokho, uSawule wayesemesaba uDavide ngoba uJehova wayenaye,[c] kodwa esemshiyile uSawule.[d] **13** Ngakho uSawule wamsusa kuye wamenza induna yenkulungwane, uDavide wayehola ibutho uma liya empini.*[e] **14** UDavide waqhubeka ephumelela*[f] kukho konke ayekwenza, noJehova wayenaye.[g] **15** Lapho uSawule ebona ukuthi wayephumelela kakhulu, wamesaba. **16** Kodwa wonke u-Israyeli noJuda babemthanda uDavide, ngoba wayebahola emikhankasweni yabo yempi.

**17** Kamuva uSawule wathi kuDavide: "Nansi indodakazi yami endala uMerabi.[h] Ngizokunika yona ibe ngumkakho.[i] Wena nje kufanele uqhubeke ungikhonza ngesibindi, ulwe izimpi zikaJehova."[j] Ngoba uSawule wayezitshela ukuthi: 'Makungabi isandla sami esimelana naye. Makube isandla samaFilisti esimbulalayo.'[k] **18** UDavide wathi kuSawule: "Ngingubani mina futhi zingobani izihlobo zami, umndeni kababa kwa-Israyeli, ukuba ngibe umkhwenyana wenkosi?"[l] **19** Nokho, lapho kufika isikhathi sokuba uMerabi indodakazi kaSawule anikwe uDavide, wayeseganiselwe u-Adriyeli[m] waseMehola.

**20** UMikhali indodakazi kaSawule[n] wayemthanda uDavide, kwabikwa kuSawule, yamjabulisa le ndaba. **21** Ngakho uSawule wathi: "Ngizomnika yena, abe ugibe kuye ukuze amaFilisti ambulale."[a] Ngakho uSawule wathi kuDavide okwesibili: "Namuhla uzoba umkhwenyana wami." **22** Ngaphezu kwalokho, uSawule wayala izinceku zakhe wathi: "Khulumani noDavide ngasese, nithi, 'Bheka! Inkosi iyakuthanda, nazo zonke izinceku zayo ziyakuthanda. Ngakho shada nendodakazi yenkosi.'" **23** Lapho izinceku zikaSawule zitshela uDavide lezi zinto, uDavide wathi: "Ingabe kuyinto encane kini ukuba ngishade nendodakazi yenkosi ngibe ngingumuntu ompofu nodelelekile?"[b] **24** Izinceku zikaSawule zambikela, zathi: "Yilawa amazwi uDavide awashilo."

**25** USawule waphendula wathi: "Yilokhu okufanele nikusho kuDavide, 'Inkosi ayifune lobolo[c] ngaphandle kwamajwabu[d] amaFilisti angu-100, ukuze uphindiselele inkosi ezitheni zayo.'" Kodwa uSawule wayeceba ukuba uDavide afe ngesandla samaFilisti. **26** Ngakho izinceku zakhe zawabika la mazwi kuDavide, le ndaba yokushada nendodakazi yenkosi yathandeka kuDavide.[e] Singakafiki isikhathi esibekiwe, **27** uDavide wahamba namadoda ayekanye naye babulala amaFilisti angu-200, uDavide wawaletha wonke lawo majwabu enkosini ukuze ashade nendodakazi yenkosi. Ngakho uSawule wamganisela uMikhali indodakazi yakhe.[f] **28** USawule wabona ukuthi uJehova wayenoDavide[g] nokuthi indodakazi yakhe uMikhali iyamthanda.[h] **29** Lokhu kwenza uSawule wamesaba nakakhulu uDavide, uSawule waba yisitha sikaDavide ukuphila kwakhe konke.[i]

---

**18:13** *NgesiHebheru, "wayephuma engena phambi kwabantu." **18:14** *Noma, "enza ngokuhlakanipha."

**ISAHL. 18**
a 1Sa 19:9, 10
b 1Sa 20:33
c 1Sa 18:28, 29
d 1Sa 16:14
e 2Sa 5:2
f 1Sa 18:5
g Gen 39:2; Jos 6:27; 1Sa 10:7; 1Sa 16:18
h 1Sa 14:49
i 1Sa 17:25
j 1Sa 25:28
k 1Sa 18:25
l 2Sa 7:18
m 2Sa 21:8
n 1Sa 14:49; 1Sa 19:11; 1Sa 25:44; 2Sa 3:13; 2Sa 6:16

**Uhla 2**
a 1Sa 18:17
b 1Sa 18:18
c Gen 29:18
d 1Sa 17:26, 36; 2Sa 3:14
e 1Sa 18:21
f 1Sa 17:25
g 1Sa 16:13; 1Sa 24:17, 20
h 1Sa 18:20
i 1Sa 18:9, 12; 1Sa 20:33

**30** Izikhulu zamaFilisti zazi-
phuma ziye empini kodwa kwa-
kuthi njalo lapho ziphuma,
uDavide aphumelele* ukuze-
dlula zonke izinceku zikaSawu-
le;[a] igama lakhe lalihlonishwa
kakhulu.[b]

**19** Kamuva uSawule wakhu-
luma noJonathani indo-
dana yakhe nazo zonke izince-
ku zakhe ngokubulala uDavi-
de.[c] **2** Ngenxa yokuthi uJona-
thani indodana kaSawule wa-
yemthanda kakhulu uDavide,[d]
uJonathani wathi kuDavide:
“USawule ubaba ufuna uku-
ba ubulawe. Ngicela uqaphe
kusasa ekuseni, thola inda-
wo ozocasha kuyo uhlale kho-
na. **3** Ngizophuma ngime ece-
leni kukababa esigangeni la-
pho wena uzobe ukhona. Ngi-
zokhuluma ngawe kubaba, uma
kukhona engikuzwayo ngizoku-
tshela nakanjani.”[e]

**4** Ngakho uJonathani wa-
khuluma kahle ngoDavide[f] ku-
Sawule uyise. Wathi kuye:
“Inkosi akufanele yenze okubi*
encekwini yayo uDavide ngoba
akakonanga, izinto akwenzele
zona bezilokhu ziwusizo kuwe.
**5** Wabeka ukuphila kwakhe
engozini ukuze abulale umFili-
sti,[g] ngaleyo ndlela uJehova
wenza wonke u-Israyeli wanqo-
ba kakhulu.* Wakubona lokho,
wajabula kakhulu. Pho kungani
kufanele wone egazini elinge-
nacala ngokwenza ukuba uDa-
vide abulawe ngaphandle kwe-
sizathu?”[h] **6** USawule wamla-
lela uJonathani, uSawule wafu-
nga wathi: “Ngimfunge uJeho-
va, ngeke abulawe.” **7** Kamu-
va uJonathani wabiza uDavide
wamtshela konke lokhu. Nga-
kho uJonathani waletha uDa-
vide kuSawule, waqhubeka no-
kumkhonza njengasekuqaleni.[a]

**8** Ngokuhamba kwesikhathi
kwaphinde kwagqashuka impi,
uDavide wahamba wayolwa na-
maFilisti, wawabulala kwalala
uyaca, amanye abaleka.

**9** Umoya omubi ovela kuJe-
hova wafikela uSawule[b] lapho
ehlezi endlini yakhe ephethe
umkhonto ngesandla, ngesi-
khathi uDavide edlala umculo
ngehabhu.[c] **10** USawule wa-
zama ukugwaza uDavide ngom-
khonto ethi umhlanganisa no-
donga, kodwa uDavide wavi-
ka, umkhonto wahlaba odo-
ngeni. UDavide wabaleka nga-
lobo busuku. **11** Kamuva uSa-
wule wathumela izithunywa
endlini kaDavide ukuba ziyi-
gade bese zimbulala ekuseni,[d]
kodwa uMikhali umkakhe wa-
thi kuye: “Uma ungabaleki na-
muhla ebusuku, kusasa uzobe
ufile.” **12** Ngaso leso sikhathi
uMikhali wehlisa uDavide nge-
fasitela, ukuze eqe abaleke.
**13** UMikhali wathatha isitho-
mbe setherafi* wasibeka em-
bhedeni wasimboza ngengubo,
wabeka nenethi loboya bembu-
zi emqamelweni.

**14** Manje uSawule wathu-
ma izithunywa ukuba ziyola-
nda uDavide, kodwa uMikhali
wathi: “Uyagula.” **15** Ngakho
uSawule wathuma izithunywa
ukuba ziyobona uDavide, wa-
thi kuzo: “Mletheni lapha kimi
ngombhede ukuze abulawe.”[e]
**16** Lapho izithunywa zinge-
na, zathola isithombe sethe-
rafi* phezu kombhede nenethi
loboya bembuzi emqamelweni.
**17** USawule wathi kuMikhali:
“Ungikhohliseleni kanje, wade-
dela isitha sami[f] saphunyu-

---

**18:30** *Noma, “enze ngokuhlakani-
pha.” **19:4** *NgesiHebheru, “yone.”
**19:5** *Noma, “wathola insindiso enku-
lu.”

**19:13, 16** *Noma, “unkulunkulu wom-
ndeni; isithixo.”

**ISAHL. 18**
*a* 1Sa 18:5
*b* 2Sa 7:9

**ISAHL. 19**
*c* 1Sa 18:9
IzA 27:4
*d* 1Sa 18:1
IzA 18:24
*e* 1Sa 20:9, 13
IzA 17:17
*f* 1Sa 22:14
*g* 1Sa 17:49
*h* 1Sa 20:32

**Uhla 2**
*a* 1Sa 16:21
1Sa 18:2, 13
*b* 1Sa 16:14
*c* 1Sa 18:10, 11
*d* Hu 59:0, 3
*e* 1Sa 18:9
*f* 1Sa 18:29

ka?" UMikhali wathi kuSawule:
"Nguye othe kimi, 'Ngidedele
ngihambe, kungenjalo ngizoku-
bulala!' "
**18** UDavide weqa waphunyu-
ka wafika kuSamuweli eRama.[a]
Wamtshela konke uSawule aye-
kwenze kuye. Ngemva kwalokho
wahamba noSamuweli bayohla-
la eNayoti.[b] **19** Ngemva kwesi-
khathi kwabikwa kuSawule,
kwathiwa: "UDavide useNayoti
eRama." **20** Ngaso leso sikha-
thi uSawule wathumela izithu-
nywa ukuba ziyobamba uDavi-
de. Lapho zibona abaprofethi
asebekhulile beprofetha, noSa-
muweli emile ebahola, umoya
kaNkulunkulu waba phezu kwe-
zithunywa zikaSawule, nazo za-
qala ukuziphathisa okwabapro-
fethi.
**21** Lapho betshela uSawule
ngalokhu, ngokushesha wathu-
mela ezinye izithunywa, nazo
zaqala ukuziphathisa okwaba-
profethi. Ngakho uSawule wa-
thumela ezinye izithunywa,
iqembu lesithathu, nazo fu-
thi zaziphathisa okwabaprofe-
thi. **22** Ekugcineni naye waya
eRama. Lapho efika emtho-
njeni omkhulu oseSeku, wa-
buza wathi: "Baphi oSamu-
weli noDavide?" Bamphendu-
la bathi: "BaseNayoti[c] eRa-
ma." **23** Lapho uSawule ese-
ndleleni esuka lapho eya eNa-
yoti eRama, umoya kaNkulu-
nkulu wehlela nakuye, waha-
mba eziphathisa okomprofethi
waze wayofika eNayoti eRama.
**24** Wakhumula nezingubo za-
khe, naye waziphathisa okom-
profethi phambi kukaSamuwe-
li, walala lapho phansi enga-
gqokile* lonke lolo suku nabo
bonke lobo busuku. Yingakho
kunesisho esithi: "Ingabe no-
Sawule uphakathi kwabaprofe-
thi?"[a]

**20** UDavide wabaleka eNayo-
ti eRama. Nokho, weza
kuJonathani wafike wathi: "Nge-
nzeni?[b] Liyini icala lami, ngo-
ne ngani kubaba wakho nje-
ngoba efuna ukungibulala?"*
**2** UJonathani wathi kuye: "Yi-
nto engacabangeki leyo![c] Nge-
ke ufe. Ubaba ngeke enze lu-
tho engangitshelanga, kungaba
yinto encane noma enkulu. Yini
nje engenza ubaba angifihlele le
ndaba? Ngeke kwenzeke lokho."
**3** Kodwa uDavide wafunga wa-
thi: "Ubaba wakho uyazi ukuthi
uyangithanda,[d] ngakho uzothi
enhliziyweni yakhe, 'UJonatha-
ni makangayazi le ndaba ngoba
uzophatheka kabi.' Kodwa nge-
mpela, lokhu engikusho kuwe
naphambi kukaJehova kuyiqini-
so, ngingafa noma nini!"[e]
**4** UJonathani wayesethi ku-
Davide: "Noma yini oyishoyo,
ngizoyenza." **5** UDavide wa-
thi kuJonathani: "Kusasa kwe-
thwasa inyanga,[f] manje bekufa-
nele ngihlale nenkosi ekudleni;
kodwa kumele ungidedele ngi-
hambe, ngizocasha esigange-
ni kuze kube usuku lwesitha-
thu kusihlwa. **6** Uma kwenze-
ka ubaba wakho ebona ukuthi
angikho, kumele uthi, 'UDavi-
de ucele ukuba ngimvume-
le aphuthume edolobheni la-
kubo eBhetlehema,[g] ngoba ku-
nomhlatshelo womndeni wo-
nke waminyaka yonke khona.'[h]
**7** Uma ethi, 'Kulungile,' kusho
ukuthula encekwini yakho. Ko-
dwa uma ethukuthela, nakanja-
ni kusho ukuthi uhlose uku-
ngenza isilo sengubo. **8** Yi-
bonise uthando oluqotho ince-
ku yakho,[i] ngoba wenze isivu-
melwano nenceku yakho pha-
mbi kukaJehova.[j] Kodwa uma

ISAHL. 19
*a* 1Sa 7:15, 17
*b* 1Sa 20:1
*c* 1Sa 19:18

Uhla 2
*a* 1Sa 10:11

ISAHL. 20
*b* 1Sa 24:11 Hu 18:20
*c* 1Sa 19:6
*d* 1Sa 18:1 1Sa 19:2
*e* 1Sa 27:1
*f* Num 10:10 2Kr 2:4
*g* 1Sa 16:4, 18
*h* 1Sa 20:28, 29
*i* IzA 17:17
*j* 1Sa 18:3 1Sa 23:18

**19:24** *Noma, "egqoke izingubo zangaphansi."

**20:1** *Noma, "umphefumulo wami."

nginecala,[a] ngibulale wena. Ku-
ngani kufanele unginikele ku-
baba wakho?”
9 UJonathani wathi: “Unga-
yicabangi nakuyicabanga into
enjalo! Uma ngithola ukuthi
ubaba uhlose ukukubula-
la, nakanjani ngizokutshe-
la.”[b] 10 UDavide wathi ku-
Jonathani: “Ubani ozongitshe-
la uma ubaba wakho ekuphe-
ndula ngokhahlo?” 11 UJona-
thani wathi kuDavide: “Woza
sihambe siye esigangeni.” Nga-
kho bobabili bahamba baya esi-
gangeni. 12 UJonathani wa-
thi kuDavide: “UJehova uNku-
lunkulu ka-Israyeli makabe ufa-
kazi wokuthi kusasa noma
phambi kwakusasa ngizombu-
za ubaba. Uma engahlose bubi
ngawe,* ngizothumela izwi ngi-
kutshele. 13 Kodwa uma uba-
ba ehlose ukukubulala, kwa-
ngathi uJehova angangijezisa
kanzima* uma ngingakutsheli
bese ngikudedela uhambe ngo-
kuthula. Kwangathi uJehova
angaba nawe,[c] njengoba nje
aba nobaba.[d] 14 Ngeke yini
wena ungibonise uthando olu-
qotho lukaJehova lapho ngisa-
phila ngisho nalapho sengifi-
le?[e] 15 Ungayeki ukuyibonisa
uthando oluqotho indlu yami[f]
ngisho nalapho uJehova esu-
sa zonke izitha zikaDavide
emhlabeni.” 16 Ngakho uJo-
nathani wenza isivumelwano
nendlu kaDavide, wathi: “UJe-
hova uzozahlulela izitha zi-
kaDavide.” 17 Ngakho uJona-
thani waphinde wathi uDavi-
de akafunge ukuthi uyamtha-
nda, ngoba uJonathani wayem-
thanda njengoba ayezithanda
yena.[g]
18 UJonathani wayesethi
kuye: “Kusasa kwethwasa
inyanga;[a] kuzobonakala uku-
thi awukho, ngoba isihlalo
sakho sizobe singenamuntu.
19 Ngosuku olulandela olwa-
kusasa kuzocaca ngisho naka-
khulu ukuthi awukho, kume-
le uze kule ndawo owawucashe
kuyo ngaloluya suku,* uhlale
lapha eduze kwaleli tshe.
20 Ngizobe sengicibishela imi-
cibisholo emithathu eceleni
kwalo, njengokungathi kukho-
na engikucibayo. 21 Lapho
ngithumela isikhonzi, ngizothi,
‘Hamba uyofuna imicibisholo.’
Uma ngithi esikhonzini, ‘Bhe-
ka! Imicibisholo inganeno, yi-
thathe,’ kuyosho ukuthi unga-
buya, ngoba ngimfunge uJeho-
va, lokho kuyobe kusho uku-
thula ngawe nokuthi awukho
engozini. 22 Kodwa uma ngi-
thi kumfana, ‘Bheka! Imicibi-
sholo ingaphambi kwakho,’ ku-
fanele uhambe, ngoba uJe-
hova ufuna ukuba uhambe.
23 Ngokuqondene nesithembi-
so esisenzile,[b] mina nawe, kwa-
ngathi uJehova angaba phaka-
thi kwethu kuze kube phaka-
de.”[c]
24 Ngakho uDavide wacasha
esigangeni. Lapho kwethwasa
inyanga, inkosi yahlala esihla-
lweni sayo ukuze idle.[d]
25 Inkosi yayihlezi esihla-
lweni sayo esingasodongeni
njengokujwayelekile. UJonatha-
ni wayehlezi maqondana nayo,
u-Abhineri[e] ehlezi eceleni kuka-
Sawule, kodwa indawo kaDavi-
de ingenamuntu. 26 USawule
akashongo lutho ngalolo suku,
ngoba wayezitshela ukuthi: ‘Ku-
khona okwenzekile okumenza
angahlanzeki.[f] Impela kumele
ukuba akahlanzekile.’ 27 Ngo-

**20:12** *NgesiHebheru, “ngoDavide.”
**20:13** *NgesiHebheru, “angamjezisa kanzima uJonathani.”
**20:19** *NgesiHebheru, “ngosuku lokusebenza.”

ISAHL. 20
a 1Sa 20:1
b 1Sa 19:2
c 1Sa 16:13; 1Sa 17:37
d 1Sa 10:7; 1Sa 11:6
e 2Sa 9:1, 3; 2Sa 9:6, 7
f 2Sa 21:7
g 1Sa 18:1, 3; 2Sa 1:26; IzA 18:24

Uhla 2
a 1Sa 20:5
b 1Sa 20:13, 14
c 1Sa 20:42
d 1Sa 20:5
e 1Sa 14:50
f Lev 11:23, 24; Lev 15:4, 5; Lev 15:16, 18; Num 19:16

suku olungemva kolokwethwa-
sa kwenyanga, ngosuku lwesi-
bili, indawo kaDavide yayilokhu
ingenamuntu. Kulokhu uSawu-
le wathi kuJonathani indo-
dana yakhe: “Kungani indoda-
na kaJese[a] ingezanga ukuzodla
izolo nanamuhla?” **28** UJona-
thani wathi kuSawule: “UDavi-
de ungicele ukuba ngimvume-
le aye eBhetlehema.[b] **29** Uthe,
‘Ngicela ungivumele ngihambe,
ngoba sinomhlatshelo womnde-
ni edolobheni, ngumfowethu
ongibizile. Ngakho, uma ngitho-
le umusa emehlweni akho,
ngicela ungivumele ngithi she-
lele ngiyobona abafowethu.’
Yingakho engezanga etafule-
ni lenkosi.” **30** USawule wam-
thukuthelela kakhulu uJona-
thani, wathi kuye: “Wena ndo-
dana edlubulundayo, ucaba-
nga ukuthi angazi yini ukuthi
ukhetha indodana kaJese, oku-
zolethela wena nonyoko* ihla-
zo? **31** Uma nje indodana ka-
Jese isaphila kulo mhlaba, ubu-
khosi bakho ngeke buqhube-
ke.[c] Ngakho manje thumela
umuntu ukuba amlande amle-
the lapha kimi, ngoba kumele
afe.”*[d]

**32** Nokho, uJonathani wa-
thi kuSawule uyise: “Kungani
kufanele abulawe?[e] Wenze-
ni?” **33** USawule wamjikije-
la ngomkhonto ezama ukum-
gwaza,[f] ngenxa yalokho uJo-
nathani wazi ukuthi uyise wa-
yezimisele ukumbulala uDa-
vide.[g] **34** UJonathani wasu-
kuma ngokushesha etafule-
ni ethukuthele engqangqa, aka-
kudlanga ukudla ngosuku lwe-
sibili ngemva kokwethwasa
kwenyanga, ngoba wayepha-
theke kabi ngendaba kaDavi-
de,[a] nangokuthi uyise uqobo
wayemlulazile.

**35** Ekuseni uJonathani wa-
phuma waya esigangeni uku-
ze ayohlangana noDavide, eha-
mba nesikhonzi esisesincane.[b]
**36** Wathi esikhonzini sakhe:
“Ngicela ugijime uyothatha le
micibisholo engiyicibishelayo.”
Isikhonzi sagijima, uJonathani
wacibishela umcibisholo wadlu-
lela ngale kwaso. **37** Lapho
isikhonzi sifika endaweni uJo-
nathani ayeyicibishele kuyo,
uJonathani wamemeza isikho-
nzi wathi: “Umcibisholo unga-
phambi kwakho!” **38** UJona-
thani wamemeza isikhonzi wa-
thi: “Phuthuma! Thatha imici-
bisholo ngokushesha! Unga-
mi!” Isikhonzi sikaJonathani sa-
yicosha imicibisholo sase sibu-
yela enkosini yaso. **39** Isikho-
nzi sasingazi lutho ngale nda-
ba; nguJonathani noDavide ku-
phela ababazi ukuthi lokhu
okwakwenzeka kusho ukuthi-
ni. **40** Ngemva kwalokho uJo-
nathani wanika isikhonzi sa-
khe izikhali zakhe, wathi kuso:
“Hamba nazo uziyise edolobhe-
ni.”

**41** Lapho isikhonzi sesiha-
mbile, uDavide wavumbuka
ngaseningizimu endaweni ese-
duze. Waguqa ngamadolo wa-
khothama kathathu, baqabu-
lana bakhalelana, kodwa
nguDavide owakhala kakhulu.
**42** UJonathani wathi kuDavi-
de: “Hamba ngokuthula, nje-
ngoba sobabili sifungile[c] ega-
meni likaJehova, sathi, ‘Kwa-
ngathi uJehova angaba pha-
kathi kwami nawe naphakathi
kwenzalo* yami nenzalo# ya-
kho kuze kube phakade.’ ”[d]

---

**20:30** *NgesiHebheru, “wena nobunqu-
nu bukanyoko.” **20:31** *NgesiHebheru,
“ngoba uyindodana yokufa.”

**20:42** *NgesiHebheru, “kwembewu.”
#NgesiHebheru, “nembewu.”

---

ISAHL. 20
*a* 1Sa 17:12
*b* 1Sa 20:6
*c* 1Sa 18:8
*d* 1Sa 19:6, 10
*e* 1Sa 19:5, IzA 17:17, IzA 18:24
*f* 1Sa 18:11, 1Sa 19:10
*g* 1Sa 20:6, 7

Uhla 2
*a* 1Sa 18:1
*b* 1Sa 20:19-22
*c* 1Sa 20:17, 23
*d* 1Sa 23:18, 2Sa 9:7

Ngemva kwalokho uDavide
wasuka wahamba, uJonathani
wabuyela edolobheni.

**21** Kamuva uDavide wafika
eNobi[a] ku-Ahimeleki um-
pristi. U-Ahimeleki wathuthu-
mela lapho ebona uDavide, wa-
thi kuye: "Kungani uhamba we-
dwa, kungekho muntu oka-
nye nawe?"[b] **2** UDavide wathi
ku-Ahimeleki umpristi: "Inko-
si ingiyale ukuba ngenze oku-
thile, kodwa yathi kimi, 'Unga-
tsheli muntu ngalokho engiku-
thume kona nangalokho engi-
kuyale ngakho.' Ngivumelane
nezinsizwa zami ukuthi si-
zohlangana endaweni ethile.
**3** Manje uma kukhona izi-
nkwa ezinhlanu onazo, ngini-
ke zona noma unginike noma
yini ekhona." **4** Kodwa umpri-
sti wamphendula uDavide wa-
thi: "Asikho isinkwa esivamile
enginaso, kodwa kukhona isi-
nkwa esingcwele[c]—uma nje ku-
wukuthi izinsizwa azizange zi-
lale nabesifazane."*[d] **5** UDa-
vide wamphendula umpristi
wathi: "Asizange nhlobo siba-
thinte abesifazane njengoba
nje sasenzile ngaphambili la-
pho ngiphuma imikhankaso
yempi.[e] Uma imizimba yezi-
nsizwa isuke ingcwele ngi-
sho nalapho zithunywe umse-
benzi ojwayelekile, kufanele
ibe ngcwele ngisho nakakhulu
namuhla!" **6** Ngakho umpristi
wamnika isinkwa esingcwele,[f]
ngoba kwakungekho sinkwa la-
pho ngaphandle kwesinkwa so-
kubukwa esasisuswe phambi
kukaJehova, ukuze kubekwe
isinkwa esisha ngosuku esasi-
suswe ngalo.

**7** Manje ngalolo suku kwa-
kukhona enye yezinceku zi-
kaSawule lapho, ibanjiwe pha-
mbi kukaJehova. Igama layo
kwakunguDowegi[a] umEdomi,[b]
induna yabelusi bakaSawule.

**8** UDavide wathi ku-Ahime-
leki: "Akukho mkhonto noma
inkemba onganginika yona?
Angikwazanga ukuthatha inke-
mba yami noma izikhali zami,
ngoba indaba yenkosi ibiphu-
thuma." **9** Umpristi wamphe-
ndula wathi: "Ikhona inkemba
kaGoliyati umFilisti,[c] owambu-
lala eSigodini* Sase-Elahi,[d]
isongwe ngendwangu ngemva
kwe-efodi.[e] Uma ufuna uku-
zithathela yona, ungayithatha,
ngoba iyona kuphela ekhona."
UDavide wathi: "Ayikho inke-
mba efana nayo. Nginike yona."

**10** Ngalolo suku uDavide
waqhubeka nokubalekela uSa-
wule,[f] ekugcineni wafika ku-
Akhishi inkosi yaseGati.[g]
**11** Izinceku zika-Akhishi zathi
kuye: "Akuyena yini uDavide
lo, inkosi yezwe lakwa-Israyeli?
Akuyena yini lo ababecula nga-
ye ngesikhathi bedansa, bethi,

'USawule ubulele izinkulu-
ngwane zakhe,
UDavide yena ubulele
amashumi ezinkulungwa-
ne zakhe'?"[h]

**12** UDavide wacabanga ngalo-
kho ababekusho, wesaba ka-
khulu[i] ngenxa ka-Akhishi inko-
si yaseGati. **13** Ngakho wa-
zenza uhlanya[j] phambi kwa-
bo, wazishaya ongaphilile
engqondweni ngesikhathi ena-
bo.* Wayedwebadweba eziva-
lweni zesango, eyeka nama-
the agxazele entshebeni yakhe.
**14** Ekugcineni u-Akhishi wathi
ezincekwini zakhe: "Niyabona
ukuthi lo muntu uyahlanya! Ni-
mlethelani kimi? **15** Ngiswele

ISAHL. 21
a 1Sa 22:9, 19
b 1Sa 18:13
c Eks 25:30; Lev 24:5, 9; Mat 12:3, 4
d Eks 19:15; Lev 15:16; 2Sa 11:11
e Lev 15:18
f Lev 24:7-9; Mar 2:25, 26; Luk 6:3, 4

Uhla 2
a 1Sa 22:9; Hu 52:0
b Gen 36:1
c 1Sa 17:51, 54
d 1Sa 17:2, 50
e Eks 28:6
f 1Sa 27:1
g Jos 11:22; 1Sa 5:8; 1Sa 17:4; 1Sa 27:2; Hu 56:0
h 1Sa 18:6-8; 1Sa 29:4, 5
i Hu 56:3, 6
j Hu 34:0

**21:4** *Noma, "zibathinte abesifazane."

**21:9** *Noma, "eThafeni Eliphansi."

**21:13** *NgesiHebheru, "esesandleni sabo."

abantu abasangene yini nize ni-
ngilethele lona ukuba azosa-
nganela lapha kimi? Ingabe lo
muntu kufanele angene emzini
wami?”

22 Ngakho uDavide wasuka
lapho[a] wabalekela emhu-
meni wase-Adulamu.[b] Lapho
abafowabo nawo wonke um-
ndeni kayise bezwa ngakho,
behla baya khona kuye. 2 Bo-
nke abantu ababenezinkinga,
izikweletu nababenezikhalo*
baqoqanela kuye, waba umho-
li wabo. Ayengu-400 amadoda
ayekanye naye.
3 Kamuva uDavide wasuka
lapho waya eMispe kwaMowabi
wafike wathi enkosini yakwa-
Mowabi:[c] “Ngicela ukuba uba-
ba nomama bahlale nawe ngi-
ze ngazi ngalokho uNkulunku-
lu azongenzela kona.” 4 Nga-
kho wabashiya enkosini yakwa-
Mowabi, bahlala nayo sonke
isikhathi uDavide asichitha ezi-
ntabeni.[d]
5 Ngokuhamba kwesikhathi
uGadi[e] umprofethi wathi ku-
Davide: “Ungahlali ezintabeni.
Suka lapho uye ezweni lakwa-
Juda.”[f] Ngakho uDavide waha-
mba wafike wangena ehlathini
laseHereti.
6 USawule wezwa ukuthi
uDavide namadoda ayekanye
naye batholakele. Ngaleso si-
khathi uSawule wayehlezi eGi-
bheya[g] ngaphansi kwesihla-
hla somthamariske endaweni
ephakeme ephethe umkhonto
ngesandla, zonke izinceku za-
khe zikanye naye. 7 USawu-
le wayesethi ezincekwini za-
khe ezazikanye naye: “Ngice-
la nilalele maBhenjamini. Inga-
be indodana kaJese[h] izoninika
nonke indawo namasimu ama-
gilebhisi? Ingabe izonimisa no-
nke nibe yizinduna zezinku-
lungwane nezinduna zamakhu-
lu?[a] 8 Nonke ningakhele uzu-
ngu! Akekho owangitshela la-
pho indodana yami yenza isivu-
melwano nendodana kaJese![b]
Akekho kini ozwelana nami
nongitshelayo ukuthi indodana
yami igqugquzele inceku yami
ukuba ingicuthele ukuze ingi-
hlasele, njengoba nje yenza
manje.”
9 UDowegi[c] umEdomi, owa-
yemiswe phezu kwezinceku zi-
kaSawule, waphendula wathi:[d]
“Ngayibona indodana kaJese
ifika eNobi ku-Ahimeleki indo-
dana ka-Ahithubi.[e] 10 Wayi-
buzela kuJehova, wase eyinika
umphako. Wayinika ngisho ne-
nkemba kaGoliyati umFilisti.”[f]
11 Ngaso leso sikhathi, inko-
si yathumela izithunywa zayo-
biza u-Ahimeleki indodana ka-
Ahithubi umpristi nabo bonke
abapristi bendlu kayise aba-
beseNobi. Ngakho bonke beza
enkosini.
12 USawule wayesethi: “Ngi-
cela ulalele wena ndodana ka-
Ahithubi!” yena waphendula
wathi: “Ngilalele nkosi yami.”
13 USawule wathi kuye: “Ku-
ngani ungakhele uzungu, wena
nendodana kaJese, ngokuyinika
isinkwa nenkemba nangokuyi-
buzela kuNkulunkulu? Kumanje
imelane nami yangicuthela uku-
ze ingihlasele.” 14 U-Ahimele-
ki waphendula inkosi wathi:
“Ngubani phakathi kwazo zonke
izinceku zakho othembeke* nje-
ngoDavide?[g] Ungumkhwenyana[h]
wenkosi nenduna yabaqaphi be-
nkosi futhi uyahlonishwa endli-
ni yakho.[i] 15 Ngiyaqala yini
ukumbuzela kuNkulunkulu?[j]
Anginakulokotha ngikwakhele

22:2 * Noma, “nababebuhlungu emoyeni.”

22:14 * Noma, “owethenjwa.”

ISAHL. 22
a 1Sa 21:10
b Jos 15:20, 35 2Sa 23:13 Hu 34:19 Hu 56:13
c Rut 4:10, 17 1Sa 14:47
d 1Sa 22:1
e 2Sa 24:11, 12 1Kr 21:9, 10 1Kr 29:29 2Kr 29:25
f 1Sa 23:3
g 1Sa 10:26
h Rut 4:22

Uhla 2
a 1Sa 8:11, 12
b 1Sa 18:3 1Sa 20:17
c 1Sa 21:1, 7 Hu 52:0
d Hu 52:2, 3
e 1Sa 14:3 1Sa 22:20
f 1Sa 21:6, 9
g 1Sa 19:4 1Sa 20:32 1Sa 24:11 1Sa 26:23
h 1Sa 17:25 1Sa 18:27
i 1Sa 18:5, 13
j 1Sa 22:10

uzungu! Inkosi mayingabeki
cala encekwini yayo nakuyo yo-
nke indlu kababa, ngoba ince-
ku yakho ibingazi lutho ngalo-
khu.”[a]
**16** Kodwa inkosi yathi: “Uzo-
fa nakanjani[b] Ahimeleki, wena
nayo yonke indlu kayihlo.”[c]
**17** Inkosi yabe isithi kubaqa-
phi* ababekanye nayo: “Hamba-
ni niyobulala abapristi bakaJe-
hova, ngoba bathathe uhla-
ngothi lukaDavide! Bebazi uku-
thi weqile kodwa abangitshela-
nga!” Kodwa izinceku zenkosi
azifunanga ukuphakamisa iza-
ndla zazo zibulale abapristi ba-
kaJehova. **18** Inkosi yabe isi-
thi kuDowegi:[d] “Babulale wena
abapristi!” Ngokushesha uDo-
wegi umEdomi[e] wahamba wa-
yobabulala yena abapristi. Nga-
lolo suku wabulala amadoda
angu-85 agqoka i-efodi lelineni.[f]
**19** Wahlasela neNobi[g] idolobha
labapristi, wabulala ngenkemba
indoda kanye nowesifazane, um-
ntwana kanye nosana, inkunzi,
imbongolo nemvu, konke waku-
bulala ngenkemba.

**20** Nokho, indodana eyodwa
ka-Ahimeleki indodana ka-Ahi-
thubi, egama layo kwakungu-
Abhiyathara,[h] yaphunyuka ya-
baleka yalandela uDavide.
**21** U-Abhiyathara wafike wabi-
kela uDavide wathi: “USawule
ubulele abapristi bakaJehova.”
**22** UDavide wathi ku-Abhiya-
thara: “Ngavele ngabona nga-
leliya langa,[i] ngesikhathi ngifi-
ca uDowegi umEdomi, ukuthi
nakanjani uzomtshela uSawule.
Yimi obangele ukuba kufe wo-
nke umuntu endlini kayihlo.
**23** Hlala nami. Ungesabi, ngoba
noma ubani ozingela ukuphila
kwakho, uzingela ukuphila kwa-
mi; ngizokuvikela.”[j]

**23** Ngemva kwesikhathi kwa-
bikwa kuDavide, kwathi-
wa: “AmaFilisti alwa neKheyi-
la,[a] aphanga nokudla ezibuye-
ni.” **2** Ngakho uDavide wabu-
za kuJehova,[b] wathi: “Ngihambe
yini ngiyobulala la maFilisti?”
UJehova wathi kuDavide: “Ha-
mba uwabulale amaFilisti, usi-
ndise iKheyila.” **3** Kodwa ama-
doda ayekanye noDavide athi
kuye: “Ngathi sesaba silapha
kwaJuda,[c] sizokwesaba kanga-
kanani-ke uma siya eKheyi-
la siyolwa nebutho lamaFilisti!”[d]
**4** Ngakho uDavide waphinda fu-
thi wabuza kuJehova.[e] UJehova
wamphendula wathi: “Suka we-
hlele eKheyila, ngoba ngizowa-
nikela esandleni sakho amaFili-
sti.”[f] **5** Ngakho uDavide waha-
mba namadoda ayekanye naye
waya eKheyila wayolwa namaFi-
listi; wathatha imfuyo yawo, wa-
bulala amaningi kakhulu, uDavi-
de wabasindisa abantu base-
Kheyila.[g]

**6** Ngesikhathi u-Abhiyatha-
ra[h] indodana ka-Ahimeleki eba-
lekela kuDavide eKheyila,
wayephethe i-efodi. **7** Kwabi-
kwa kuSawule kwathiwa:
“UDavide useKheyila.” USawu-
le wathi: “UNkulunkulu umni-
kele kimi,*[i] ngoba uzivalele
ngokungena edolobheni elina-
masango nemigoqo.”# **8** Nga-
kho uSawule wabizela bo-
nke abantu empini ukuze be-
hlele eKheyila, bayovimbeze-
la uDavide namadoda aye-
kanye naye. **9** Lapho uDavi-
de ethola ukuthi uSawule uma-
khela uzungu, wathi ku-Abhi-
yathara umpristi: “Letha la-
pha i-efodi.”[j] **10** Ngemva kwa-
lokho uDavide wathi: “O Je-
hova Nkulunkulu ka-Israye-

ISAHL. 22
- a 1Sa 21:1, 2
- b 1Sa 14:44; 1Sa 20:31
- c 1Sa 2:27, 32
- d Hu 52:0
- e Gen 25:30
- f 1Sa 2:27, 31
- g 1Sa 21:1; 1Sa 22:9
- h 1Sa 23:6; 1Sa 30:7; 2Sa 20:25; 1Kh 2:27
- i 1Sa 21:1, 7
- j 1Kh 2:26

Uhla 2

ISAHL. 23
- a Jos 15:20, 44
- b 1Sa 30:8; 2Sa 5:19; Hu 37:5
- c 1Sa 22:5
- d 1Sa 13:5; 1Sa 14:52
- e Hlu 6:39
- f 1Sa 14:6; 2Sa 5:19
- g 1Sa 23:1
- h 1Sa 22:20
- i 1Sa 23:14
- j Num 27:21; 1Sa 30:7

**22:17** *NgesiHebheru, “kubagijimi.”

**23:7** *NgesiHebheru, “umthengisele esandleni sami.” #Izingodo noma izinsimbi zokuvala.

li, inceku yakho izwile ukuthi
uSawule ufuna ukuza eKheyi-
la ukuze alibhubhise leli dolo-
bha ngenxa yami.[a] **11** Aba-
holi* baseKheyila bazonginike-
la yini esandleni sakhe? Inga-
be uSawule uzokwehla njengo-
ba nje inceku yakho izwile? O
Jehova Nkulunkulu ka-Israye-
li, ngicela uyitshele inceku ya-
kho." UJehova wathi: "Uzokwe-
hla." **12** UDavide wabuza wa-
thi: "Ingabe abaholi baseKhe-
yila bazonginikela mina kanye
namadoda akanye nami esa-
ndleni sikaSawule?" UJehova
waphendula wathi: "Bazokuni-
kela."

**13** UDavide wasuka ngaso
leso sikhathi namadoda aye-
kanye naye, amadoda anga-
ba ngu-600,[b] baphuma eKheyi-
la bahambahamba ezindaweni
ababezibona ziphephile. Lapho
uSawule etshelwa ukuthi uDa-
vide ubalekile eKheyila, akaba-
nge esamlandela. **14** UDavi-
de wahlala ehlane ezindawe-
ni okunzima ukuzifinyelela,
ezintabeni ezisehlane laseZifi.[c]
USawule wayelokhu emfuna,[d]
kodwa uJehova akamnikela-
nga esandleni sakhe. **15** Nge-
sikhathi uDavide esehlane la-
seZifi eHoreshi, wayazi uku-
thi* uSawule wayephumile eyo-
zingela ukuphila kwakhe.

**16** UJonathani indodana ka-
Sawule wasuka waya kuDa-
vide eHoreshi, wamkhutha-
za ukuba athembele* kuJeho-
va.[e] **17** Wathi kuye: "Ungesa-
bi, ngoba uSawule ubaba nge-
ke akuthole; wena uzoba yi-
nkosi kwa-Israyeli,[f] mina ngi-
be ngaphansi kwakho; uSawu-
le ubaba naye uyakwazi lo-
kho."[a] **18** Bobabili base benza
isivumelwano[b] phambi kuka-
Jehova, uDavide waqhubeka
ehlala eHoreshi, uJonathani
wabuyela ekhaya.

**19** Kamuva amadoda aseZi-
fi akhuphukela kuSawule eGi-
bheya,[c] athi: "UDavide uca-
she eduze kwethu[d] ezindaweni
okunzima ukuzifinyelela eHo-
reshi,[e] egqumeni laseHakhila,[f]
elingaseningizimu* yeJeshimo-
ni.#[g] **20** Noma nini lapho usu-
kulungele ukwehla nkosi, ye-
hla, thina sizomnikela esandle-
ni senkosi."[h] **21** USawule wa-
thi: "Kwangathi uJehova anga-
nibusisa, ngoba nibe nobubele
kimi. **22** Ngicela nihambe ni-
thole kahle ukuthi ukuphi nge-
mpela nokuthi ubani ombonile,
ngoba ngitsheliwe ukuthi uyi-
qili kabi. **23** Funani ngokuco-
phelela ukuthi zikuphi izinda-
wo acasha kuzo nibuye kimi
nobufakazi. Ngiyobe sengiha-
mba nani, ngizomcingisisa pha-
kathi kwayo yonke imindeni*
yakwaJuda."

**24** Ngakho basuka baya eZi-
fi[i] ngesikhathi uDavide na-
madoda ayekanye naye be-
sehlane laseMawoni,[j] e-Ara-
ba[k] eseningizimu yeJeshimo-
ni, uSawule wabalandela kamu-
va. **25** USawule wafika nama-
doda ayekanye naye bezomfu-
na.[l] Lapho bembikela uDavi-
de, wehla ngaso leso sikhathi
waya emaweni[m] wahlala ehla-
ne laseMawoni. Lapho uSawu-
le ezwa ngalokhu, wamlande-
la uDavide waya ehlane lase-
Mawoni. **26** Njengoba uSawu-
le ayeza ngakolunye uhlango-
thi lwentaba, uDavide namado-
da ayekanye naye babekolunye
uhlangothi lwentaba. UDavide

**ISAHL. 23**
*a* 1Sa 22:19
*b* 1Sa 22:1, 2; 1Sa 25:13; 1Sa 30:9
*c* Jos 15:20, 55; 1Sa 23:19; 1Sa 26:1
*d* 1Sa 18:29; 1Sa 20:33; 1Sa 27:1
*e* Hu 37:5; IzA 17:17
*f* 1Sa 16:13; 2Sa 2:4; 2Sa 5:3

**Uhla 2**
*a* 1Sa 20:31; 1Sa 24:17, 20
*b* 1Sa 18:3; 1Sa 20:42
*c* 1Sa 10:26
*d* 1Sa 26:1; Hu 54:0
*e* 1Sa 23:15
*f* 1Sa 26:3
*g* 1Sa 23:24
*h* Hu 54:3
*i* 1Sa 23:14
*j* Jos 15:20, 55; 1Sa 25:2, 3
*k* Dut 1:7
*l* 1Sa 26:2; Hu 54:3
*m* 1Sa 23:28

**23:11** *Noma kungaba, "Abanikazi bezindawo." **23:15** *Noma kungaba, "wayesaba ngoba." **23:16** *NgesiHebheru, "waqinisa isandla sakhe."

**23:19** *NgesiHebheru, "ngakwesokudla." #Noma kungaba, "yogwadule; yehlane." **23:23** *Noma, "izinkulungwane."

wayeshesha ebalekela uSawu-
le,[a] kodwa uSawule namadoda
ayekanye naye babeya ngoku-
ya besondela kuDavide nama-
doda ayekanye naye ukuze ba-
babambe.[b] **27** Kodwa kwafika
isithunywa kuSawule, sathi:
"Phuthuma, amaFilisti alithe-
lekele izwe!" **28** Ngakho uSa-
wule wayeka ukujaha uDavide[c]
wahamba wayolwa namaFilisti.
Kungaleso sizathu leyo ndawo
yaqanjwa ngokuthi iDwala Lo-
kwahlukana.

**29** Ngemva kwalokho uDavi-
de wasuka lapho wakhuphuka
wayohlala ezindaweni okunzi-
ma ukuzifinyelela e-Eni-gedi.[d]

**24** Kwathi nje lapho uSa-
wule esebuyile ukuyoja-
ha amaFilisti, bambikela ba-
thi: "UDavide usehlane lase-
Eni-gedi."[e]

**2** Ngakho uSawule wathatha
amadoda ekhethelo angu-3 000
ku-Israyeli wonke, wahamba
wayofuna uDavide namadoda
ayekanye naye emaweni oku-
hlala kuwo izimbuzi zezintaba.
**3** USawule wafika ezibayeni ze-
zimvu ezenziwe ngamatshe ece-
leni kwendlela, lapho kwaku-
khona khona umhume. Wange-
na kuwo eyozikhulula,* kuyila-
pho uDavide namadoda ayeka-
nye naye behlezi emuva impe-
la kulowo mhume.[f] **4** Amado-
da ayekanye noDavide athi
kuye: "Lolu usuku uJehova athi
ngalo kuwe, 'Nginikela isitha sa-
kho esandleni sakho,[g] ungenza
noma yini ebonakala ilungile
emehlweni akho.'" Ngakho uDa-
vide wasukuma wasika ngoku-
nyenya umphetho wejazi likaSa-
wule elingenamikhono. **5** Ko-
dwa ngemva kwalokho inhlizi-
yo* kaDavide yayilokhu imsha-
ya[h] ngenxa yokuthi wayesike
umphetho wejazi likaSawule eli-
ngenamikhono. **6** Wathi ema-
dodeni ayekanye naye: "Kuyinto
engacabangeki emehlweni kaJe-
hova, ukuba ngenze into enjalo
enkosini yami, ogcotshiwe kaJe-
hova, ngokwelulela isandla sami
kuyo, ngoba nguJehova oyigco-
bile."[a] **7** Ngakho uDavide wa-
wanqanda* amadoda ayekanye
naye ngala mazwi, akawavume-
langa ukuba ahlasele uSawule.
USawule yena waphuma emhu-
meni waqhubeka nendlela ya-
khe.

**8** Kamuva uDavide wasuku-
ma waphuma emhumeni wa-
memeza uSawule, wathi: "Nko-
si yami!"[b] Lapho uSawule ebhe-
ka emuva, uDavide waguqa,
wakhothama ubuso bakhe bu-
bheke phansi. **9** UDavide wa-
thi kuSawule: "Kungani ulalela
abantu lapho bethi, 'Qaphela!
UDavide ufuna ukukulimaza'?[c]
**10** Namuhla uzibonele ngawa-
kho indlela uJehova akunike-
le ngayo esandleni sami emhu-
meni. Kodwa lapho omunye
ethi angikubulalele,[d] ngikuha-
wukele ngathi, 'Ngeke ngelule-
le isandla sami enkosini yami,
ngoba nguJehova oyigcobile.'[e]
**11** Bheka baba, nawu umphe-
tho wejazi lakho elingenami-
khono esandleni sami; angiku-
bulalanga lapho ngisika um-
phetho wejazi lakho elingena-
mikhono. Manje uyazibonela
futhi uyaqonda ukuthi angihlo-
sile ukukulimaza noma ukume-
lana nawe, angikonanga nga-
lutho,[f] kuyilapho wena uzinge-
la ukuphila kwami ukuze ungi-
bulale.[g] **12** Kwangathi uJeho-
va angahlulela phakathi kwami
nawe,[h] futhi kwangathi uJeho-
va angangiphindiselela kuwe,[i]
kodwa esami isandla ngeke si-

**ISAHL. 23**
a Hu 31:22
b Hu 17:9
c Hu 54:7
d Jos 15:20, 62; Hla 1:14

**ISAHL. 24**
e 1Sa 23:28, 29
f Hu 57:0; Hu 142:0
g 1Sa 26:8, 23
h 2Sa 24:10

**Uhla 2**
a Eks 22:28; 1Sa 26:11; 2Sa 1:14; 1Kr 16:22
b 1Sa 26:17
c 1Sa 26:19
d 1Sa 24:4
e 1Sa 9:16; 1Sa 10:1; 1Sa 26:9; Hu 105:15
f 1Sa 26:18; Hu 35:7
g 1Sa 23:14
h 1Sa 26:23
i Dut 32:35

**24:3** *NgesiHebheru, "eyombesa izinyawo zakhe." **24:5** *Noma, "unembeza." **24:7** *Noma kungaba, "wawahlakaza."

melane nawe.[a] **13** Kunjengo-
ba nje isaga sasendulo sisho,
‘Okubi kuvela kwababi,’ nga-
kho esami isandla ngeke sime-
lane nawe. **14** Inkosi yakwa-
Israyeli izingela bani? Ngingu-
bani nje mina? Ngiyafana nje
nenja efile. Ngiyafana nje ne-
zeze.[b] **15** Kwangathi uJehova
angaba umahluleli, uzokwahlu-
lela phakathi kwami nawe, uzo-
bona angimele kule ndaba,[c]
angahlulele bese engikhulula
esandleni sakho.”

**16** Kwathi lapho uDavide
eqeda ukusho la mazwi ku-
Sawule, uSawule wathi: “Yi-
zwi lakho yini lelo Davide ndo-
dana yami?”[d] USawule wakha-
la kakhulu. **17** Wathi kuDavi-
de: “Wena ulunge ngaphezu
kwami, ngoba ungiphathe ka-
hle kodwa mina ngikubuyisele
ngokubi.[e] **18** Namuhla uzibo-
nisile izenzo zakho ezinhle
kimi ngokungangibulali lapho
uJehova enginikela esandleni
sakho.[f] **19** Yimuphi umuntu
okungathi ethola isitha sakhe
asidedele sihambe engasili-
mazanga? UJehova uyoku-
vuza ngokuhle[g] ngenxa yalo-
kho okwenze kimi namuhla.
**20** Manje ngiyazi ukuthi na-
kanjani uzobusa njengenkosi,[h]
nokuthi umbuso wakwa-Israye-
li uyoqhubeka usesandleni sa-
kho. **21** Manje funga uJeho-
va kimi[i] ukuthi ngeke uyiqothu-
le inzalo* yami ngemva koku-
fa kwami nokuthi ngeke ulesu-
le igama lami endlini kababa.”[j]
**22** Ngakho uDavide wafunga
kuSawule, ngemva kwalokho
uSawule wahamba waya ekha-
ya.[k] Kodwa uDavide namado-
da ayekanye naye, bakhuphu-
kela endaweni okunzima ukuyi-
finyelela.[l]

**24:21** *NgesiHebheru, “imbewu.”

**25** Ngokuhamba kwesikha-
thi uSamuweli[a] wafa; wo-
nke u-Israyeli waqoqana uku-
ze umlilele, umngcwabe emzini
wakhe eRama.[b] Ngemva kwalo-
kho, uDavide wasuka wehlela
ehlane lasePharanu.

**2** Kwakukhona umuntu othi-
le eMawoni[c] owayenemfuyo
eKarmeli.*[d] Lo muntu wayecebe
kakhulu; wayenezimvu ezingu-
3 000 nezimbuzi ezingu-1 000,
ngaleso sikhathi wayegunda izi-
mvu zakhe eKarmeli. **3** Iga-
ma lale ndoda kwakunguNaba-
li,[e] igama lomkayo kungu-Abhi-
gayili.[f] Inkosikazi yayikhaliphi-
le futhi iyinhle, kodwa indoda,
eyayingumKalebi,[g] yayinokha-
hlo nemikhuba emibi.[h] **4** UDa-
vide wezwa esehlane ukuthi
uNabali ugunda izimvu zakhe.
**5** Ngakho uDavide wathuma izi-
nsizwa eziyishumi ukuba ziye
kuye, wathi kuzo: “Hambani
niye eKarmeli, nifike kuNabali
ningibuzele ngenhlalakahle ya-
khe. **6** Nithi kuye, ‘Kwangathi
ungaba nokuthula* wena ne-
ndlu yakho nakho konke ona-
kho. **7** Ngizwile ukuthi ugu-
nda izimvu. Ngesikhathi abelusi
bakho bekanye nathi, asibalima-
zanga,[i] futhi abalahlekelwanga
yilutho sonke isikhathi beseKa-
rmeli. **8** Buza izinsizwa zakho,
zizokutshela. Kwangathi izinsi-
zwa zami zingathola umusa
emehlweni akho, ngoba sifike
ngesikhathi esimnandi.* Ngicela
uphe izinceku zakho nendodana
yakho uDavide noma yini onga-
sipha yona.’ ”[j]

**9** Ngakho izinsizwa zikaDa-
vide zahamba zafike zatshe-
la uNabali konke uDavide aye-
zithume kona. Lapho ziqeda,

**25:2** *Idolobha elikwaJuda; hhayi iNta-
ba iKarmeli. **25:6** *Noma, “Kwangathi
ungaphila isikhathi eside, uphile kahle.”
**25:8** *NgesiHebheru, “ngosuku oluhle.”

ISAHL. 24
*a* 1Sa 26:11
*b* 1Sa 26:20
*c* 1Sa 25:39 Hu 35:1
*d* 1Sa 26:17
*e* 1Sa 26:21
*f* 1Sa 24:4, 10
*g* 1Sa 26:25 Hu 18:20
*h* 1Sa 13:14 1Sa 15:28 1Sa 18:8 1Sa 20:31 1Sa 23:17
*i* Lev 19:12 Dut 6:13
*j* 2Sa 9:1 2Sa 21:7
*k* 1Sa 15:34
*l* 1Sa 23:29

Uhla 2

ISAHL. 25
*a* 1Sa 1:20 1Sa 2:18 1Sa 3:20 Hu 99:6
*b* 1Sa 7:15, 17
*c* 1Sa 23:24
*d* Jos 15:20, 55
*e* 1Sa 25:25
*f* 1Sa 27:3
*g* Num 13:6 Num 32:11, 12
*h* 1Sa 25:17, 21
*i* 1Sa 25:14-16
*j* Dut 15:7

**10** uNabali waziphendula izi-
nceku zikaDavide wathi: “Uca-
banga ukuthi ungubani uDavi-
de indodana kaJese ukuba
mina ngizwe ngaye? Kulezi zi-
nsuku ziningi izinceku ezeqa-
yo emakhosini azo.[a] **11** Inga-
be kumele ngithathe isi-
nkwa sami, amanzi ami nenya-
ma engiyihlabele abagundi be-
zimvu zami ngikunike abantu
engingazi nokuthi bavelaphi?”
**12** Lapho zizwa lokho, izi-
nsizwa zikaDavide zaphinde-
la emuva zafike zambikela wo-
nke la mazwi. **13** Ngokushe-
sha uDavide wathi emadode-
ni ayekanye naye: “Nonke ga-
xani izinkemba zenu!”[b] Ngakho
bonke bagaxa izinkemba zabo,
noDavide naye wagaxa inke-
mba yakhe, amadoda angaba
ngu-400 akhuphuka noDavide,
kuyilapho angu-200 esele nemi-
thwalo.
**14** Phakathi naleso sikha-
thi, enye yezinceku yabikela
u-Abhigayili, umkaNabali, ya-
thi: “UDavide uthume izithu-
nywa esehlane efisela inkosi
yethu okuhle, kodwa yona izi-
thethisile yazithuka.[c] **15** La-
waya madoda asiphatha kahle
kakhulu. Awasilimazanga, fu-
thi asilahlekelwanga ngisho
nayinto eyodwa zonke izinsu-
ku esazichitha nawo endle.[d]
**16** Aba njengodonga olubiye-
le nxazonke zethu ubusuku
nemini, zonke izinsuku si-
kanye nawo seluse umhlambi.
**17** Manje nquma ukuthi uzo-
kwenzenjani, ngoba inkosi ye-
thu nayo yonke indlu[e] yayo
inqunyelwe inhlekelele, futhi
ingumuntu ongelusizo lwalu-
tho[f] ukuba kungakhulunywa
nayo.”
**18** Ngakho u-Abhigayili[g] wa-
phuthuma wathatha izinkwa
ezingu-200, imiphongolo emibi-
li yewayini, izimvu ezinhlanu
ezihlatshiwe, amaseya* ama-
hlanu okudla okugazingiwe,
amakhekhe amagilebhisi omisi-
we angu-100 namakhekhe ama-
khiwane agxishiwe angu-200
wakulayisha ezimbongolweni.[a]
**19** Ngemva kwalokho wathi
ezincekwini zakhe: “Hambani
phambili, ngizonilandela.” Ko-
dwa akashongo lutho kumyeni
wakhe uNabali.
**20** Kwathi esagibele imbo-
ngolo futhi ehla esithwe yinta-
ba, kwaqhamuka uDavide na-
madoda ayekanye naye be-
hla beza ngakuye, wahlangana
nabo. **21** UDavide wayelokhu
ecabanga ethi: “Ngizigadele
ubala zonke izinto zalo muntu
ehlane. Akulahlekanga ngisho
neyodwa kuzo zonke izinto za-
khe,[b] kodwa yena ungibuyise-
la okubi ngokuhle engimenzele
kona.[c] **22** Kwangathi uNkulu-
nkulu angazijezisa izitha zika-
Davide* uma ngingashiya ngi-
sho nowesilisa oyedwa# walo
muntu ephila kuze kube seku-
seni.”
**23** Lapho u-Abhigayili ebo-
na uDavide, wehla ngoku-
shesha embongolweni wagu-
qa phambi kukaDavide wa-
khothama. **24** Waguqa ngase-
zinyaweni zakhe wayesethi:
“Nkosi yami, ngicela usole
mina ngalokhu okwenzekile;
ngicela uvumele incekukazi ya-
kho ikhulume nawe, ulale-
le amazwi encekukazi yakho.
**25** Ngicela inkosi yami ingayi-
naki le ndoda engelusizo lwalu-
tho uNabali,[d] ngoba iyafana ne-
gama layo. Igama layo uNaba-

ISAHL. 25
a 1Sa 22:2
b Hu 37:8; IzA 15:1; Shu 7:9
c 1Sa 25:10
d 1Sa 25:7
e 1Sa 25:13
f 1Sa 25:3
g 1Sa 25:3

Uhla 2
a 2Sa 16:1; 2Sa 17:27-29
b 1Sa 25:7
c 1Sa 25:10; Hu 35:12
d 1Sa 25:17

**25:18** *Iseya lilingana no-7,33 L. Bheka iSithasiselo B14. **25:22** *Noma kungaba, “angamjezisa uDavide.” #NgesiHebheru, “noma ubani ochamela udonga.” Inkulumo yesiHebheru yokwedelela ebhekisela kwabesilisa.

li,* futhi ayinangqondo. Kodwa mina ncekukazi yakho, angizibonanga izinsizwa zenkosi yami obuzithumile. **26** Manje, nkosi yami, ngiyafunga phambi kukaJehova naphambi kwakho, nguJehova okunqandile[a] ukuba ungangeni ecaleni legazi[b] nokuba ungaziphindiseleleli* ngesandla sakho. Kwangathi izitha zakho nalabo abafuna ukulimaza inkosi yami bangaba njengoNabali. **27** Nasi isipho*[c] esilethwe yincekukazi yakho enkosini yami, masinikwe izinsizwa ezilandela inkosi yami.[d] **28** Ngicela uthethelele incekukazi yakho, ngoba nakanjani uJehova uyokwenza inzalo yakho ibuse isikhathi eside,[e] ngoba inkosi yami ilwa izimpi zikaJehova;[f] akukho bubi obutholakele kuwe zonke izinsuku zokuphila kwakho.[g] **29** Lapho umuntu esukuma ukuze akujahe efuna ukuphila kwakho, uJehova uNkulunkulu wakho uyokuvikela njengalapho umuntu evikela izinto zakhe eziyigugu ezifakwe esikhwameni, kodwa ukuphila kwezitha zakho uyokujikijela njengamatshe ajikijelwa ngendwayimane. **30** Lapho uJehova eseyenzele inkosi yami konke okuhle akuthembisile, nalapho ekubeka ukuba ube umholi kwa-Israyeli,[h] **31** ngeke udabuke noma uzisole* enhliziyweni yakho ngokuchitha igazi ngaphandle kwesizathu nangokuvumela isandla senkosi yami ukuba siziphindiselele.#[i] Lapho uJehova eyenzela okuhle inkosi yami, uyikhumbule incekukazi yakho."

**32** Lapho uDavide ezwa lokhu wathi ku-Abhigayili: "Makadunyiswe uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, okuthumile ukuba ungihlangabeze namuhla! **33** Kwangathi uNkulunkulu angakubusisa ngokuhlakanipha kwakho! Kwangathi ungabusiswa ngokungivimbela ekubeni necala legazi[a] namuhla nokuba ngiziphindiselele* ngezandla zami. **34** Ngaphandle kwalokho, ngimfunge uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, onginqandile ukuba ngingakulimazi,[b] ukube awuphuthumanga wazongihlangabeza,[c] bekuyothi kusa kube kungasekho ngisho nendoda* eyodwa ephilayo emadodeni kaNabali."[d] **35** Ngakho uDavide wamukela izinto ayemlethele zona, wayesethi kuye: "Khuphuka uye endlini yakho ngokuthula. Ngikuzwile futhi ngizokwenzela lokho okucelayo."

**36** Kamuva u-Abhigayili wabuyela kuNabali, owayenze isiphihli sedili endlini yakhe. UNabali wayeneme,* edakwe ephelile. U-Abhigayili akamtshelanga lutho kwaze kwaba sekuseni. **37** Ekuseni, lapho sebusile utshwala kuNabali, umkakhe wamtshela lezi zinto. Inhliziyo yakhe yaba ndikindiki, akabange esakwazi kwenza lutho, waqina njengetshe. **38** Ngemva kwezinsuku ezingaba yishumi, uJehova wamshaya uNabali, wafa.

**39** Lapho uDavide ezwa ukuthi uNabali ufile, wathi: "Makadunyiswe uJehova, owahlulele[e] uNabali[f] ngokungithuka kwakhe nonqande inceku yakhe ukuba

---

25:25 *Incazelo: "Isiphukuphuku; Isiwula." 25:26 *Noma, "ungazisindisi." 25:27 *NgesiHebheru, "isibusiso." 25:31 *NgesiHebheru, "udiyazele noma ukhubeke." #Noma, "sizisindise."

25:33 *Noma, "ngizisindise." 25:34 *NgesiHebheru, "noma ubani ochamela udonga." Inkulumo yesiHebheru yokwedelela ebhekisela kwabesilisa. 25:36 *NgesiHebheru, "Inhliziyo kaNabali yayeneme."

---

ISAHL. 25

a Gen 20:6
b Gen 9:6
c 1Sa 25:18
d 1Sa 22:2; 1Sa 25:13
e 1Sa 15:28; 2Sa 7:8, 11; 1Kh 9:5
f 1Sa 17:45; 1Sa 18:17
g 1Sa 24:11; 1Kh 15:5
h 1Sa 13:13, 14; 1Sa 23:17; 2Sa 6:21; 2Sa 7:8; Hu 89:20
i Dut 32:35; 1Sa 24:15

Uhla 2

a Dut 19:10; 1Sa 25:26
b 1Sa 25:24
c 1Sa 25:18
d 1Sa 25:22
e 1Sa 24:15; Hu 35:1
f 1Sa 25:10, 14

ingenzi lutho olubi,[a] futhi uJe-
hova ubuyisele ububi bukaNa-
bali ekhanda lakhe!” UDavide
wabe esethumela izwi wacela
u-Abhigayili ukuba abe ngumka-
khe. **40** Ngakho izinceku zika-
Davide zafika ku-Abhigayili eKa-
rmeli zathi kuye: “UDavide usi-
thume kuwe ukuba sizokulanda
uzoba ngumkakhe.” **41** Ngoku-
shesha wasukuma wakhotha-
ma ubuso bakhe bubheke pha-
nsi wathi: “Isigqilakazi sakho si-
zimisele ukuba yincekukazi ege-
za izinyawo[b] zezinceku zenko-
si yami.” **42** Ngemva kwalokho
u-Abhigayili[c] waphakama ngo-
kushesha wagibela imbongolo,
izincekukazi zakhe ezinhlanu
zamlandela; wahamba nezithu-
nywa zikaDavide, waba ngumka-
khe.

**43** UDavide wayeshade na-
no-Ahinohama[d] waseJizreyeli,[e]
bobabili laba besifazane baba
abafazi bakhe.[f]

**44** Kodwa uMikhali,[g] umka-
Davide, uSawule uyise waye-
semthathile wamnika uPhaliti[h]
indodana kaLayishi owayengo-
waseGalimi.

**26** Ngemva kwesikhathi ama-
doda aseZifi[i] afika ku-
Sawule eGibheya,[j] athi: “UDa-
vide ucashe egqumeni lase-
Hakhila, elibhekene neJe-
shimoni.”*[k] **2** Ngakho uSawu-
le wasuka wehlela ehlane la-
seZifi, ehamba namadoda ekhe-
thelo angu-3 000 akwa-Israyeli,
eyofuna uDavide ehlane laseZi-
fi.[l] **3** USawule wamisa amate-
nde egqumeni laseHakhila eli-
bhekene neJeshimoni, eceleni
komgwaqo. Ngaleso sikhathi
uDavide wayehlala ehlane. We-
zwa ukuthi uSawule wayemla-
ndele weza ehlane. **4** Ngakho
uDavide wathumela izinhloli
ukuze aqiniseke ukuthi uSawu-
le wayeze ngempela yini. **5** Ka-
muva uDavide wasuka waya
endaweni uSawule ayekuyo, wa-
fike wayibona indawo uSawu-
le no-Abhineri[a] indodana kaNe-
ri induna yebutho lakhe ababe-
lele kuyo; uSawule wayezume-
kile ekamu, ibutho limise ama-
tende nhlangothi zonke za-
khe. **6** UDavide wathi ku-Ahi-
meleki umHeti[b] naku-Abhishayi[c]
indodana kaZeruya,[d] umfowa-
bo kaJowabe: “Ngubani ozoha-
mba nami siye kuSawule eka-
mu?” U-Abhishayi wathi: “Ngizo-
hamba nawe mina.” **7** Ngakho
uDavide no-Abhishayi bahamba
baya ekamu ebusuku, bafica
uSawule ezumekile, umkhonto
wakhe ugxunyekwe emhlabathi-
ni ngasekhanda lakhe; u-Abhi-
neri kanye nebutho babelele
nhlangothi zonke zakhe.

**8** U-Abhishayi wayesethi ku-
Davide: “Namuhla uNkulunku-
lu unikele isitha sakho
esandleni sakho.[e] Manje ngi-
cela ungivumele ngimhlanga-
nise nomhlabathi ngomkho-
nto kanye nje kuphela, nge-
ke kudingeke ngimphinde ka-
bili.” **9** Nokho, uDavide wa-
thi ku-Abhishayi: “Ungamlima-
zi, ngoba ngubani ongelule-
la isandla sakhe kogcotshiwe
kaJehova[f] kodwa angabi na-
cala?”[g] **10** UDavide waqhube-
ka wathi: “Ngimfunge uJeho-
va, uJehova ngokwakhe uzom-
shaya,[h] noma ngolunye usuku
uzofa[i] njengawo wonke umu-
ntu, noma uzoya empini afi-
ke afele khona.[j] **11** Ngenxa
yokuthi uJehova ngiyamhloni-
pha, anginakulokotha ngelule-
le isandla sami kogcotshiwe ka-
Jehova![k] Ngakho manje asi-
thathe umkhonto ongasekha-
nda lakhe nojeke wamanzi,

---

**26:1** *Noma kungaba, “nogwadule; ne-
hlane.”

**ISAHL. 25**
*a* 1Sa 25:34
*b* Gen 18:3, 4 Luk 7:44
*c* 1Sa 25:3
*d* 1Sa 27:3 2Sa 3:2 1Kr 3:1
*e* Jos 15:20, 56
*f* 1Sa 30:5 2Sa 5:13
*g* 1Sa 18:20
*h* 2Sa 3:14, 15

**ISAHL. 26**
*i* Jos 15:20, 55
*j* Hlu 19:14 1Sa 10:26
*k* 1Sa 23:14 1Sa 23:19, 24 Hu 54:0
*l* 1Sa 24:2

**Uhla 2**
*a* 1Sa 14:50 1Sa 17:55 2Sa 2:8 2Sa 3:27
*b* Gen 10:15
*c* 2Sa 16:9 2Sa 18:5 2Sa 23:18
*d* 2Sa 2:18 1Kr 2:15, 16
*e* 1Sa 24:4 1Sa 26:23
*f* 1Sa 10:1
*g* 1Sa 24:6 2Sa 1:14 1Kr 16:22 Hu 20:6
*h* Dut 32:35 1Sa 24:12 1Sa 25:38 Hu 94:1, 23
*i* Hu 37:12, 13
*j* 1Sa 31:3, 6
*k* Lev 19:18 1Sa 24:6 1Kr 16:22 Hu 105:15

sihambe.” **12** Ngakho uDavide wathatha umkhonto nojeke wamanzi owawungasekhanda likaSawule, base behamba. Akukho muntu owababona[a] noma owaphaphama ngoba bonke babezumekile, ngenxa yokuthi babehlelwe ubuthongo obukhulu obuvela kuJehova. **13** Ngemva kwalokho uDavide wawelela ngaphesheya wama esiqongweni sentaba kude nabo, kukhona ibanga elide phakathi kwabo.

**14** UDavide wamemeza ibutho no-Abhineri[b] indodana kaNeri, wathi: “Abhineri, uyangizwa yini?” U-Abhineri waphendula wathi: “Ungubani wena obangela inkosi umsindo?” **15** UDavide wathi ku-Abhineri: “Buphi ubuqhawe bakho? Akekho ofana nawe kwa-Israyeli, pho kungani ungayigadanga inkosi yakho? Ngoba kunesosha elifikile lizobulala inkosi yakho.[c] **16** Wehlulekile ukwenza umsebenzi wakho. Ngimfunge uJehova, nina nifanelwe ukufa ngoba aniyigadanga inkosi yenu, ogcotshiwe kaJehova.[d] Ake nibheke ukuthi ukhona yini umkhonto wenkosi nojeke wamanzi[e] obungasekhanda layo.”

**17** USawule wezwa ukuthi yizwi likaDavide, wathi: “Yizwi lakho yini lelo ndodana yami Davide?”[f] UDavide waphendula wathi: “Yizwi lami nkosi yami.” **18** Wayesethi: “Kungani inkosi yami izingela inceku yayo,[g] ngenzeni, liyini icala lami?[h] **19** Nkosi yami ngicela ulalele amazwi enceku yakho: Uma kunguJehova okubangele ukuba umelane nami, makamukele* umnikelo wami wokudla okusanhlamvu. Kodwa uma kungabantu abakushoshozelayo,[a] baqalekisiwe phambi kukaJehova, ngoba bangixoshile namuhla ukuze ngingabi yingxenye yefa likaJehova,[b] bethi, ‘Hamba uyokhonza abanye onkulunkulu!’ **20** Ungangivumeli ukuba ngilahlekelwe ukuphila kwami* ngikude noJehova, ngoba inkosi yakwa-Israyeli iphumele ukuyofuna izeze elilodwa,[c] njengokungathi izingela ithendele ezintabeni.”

**21** USawule yena wathi: “Ngonile.[d] Buya ndodana yami Davide, ngoba ngeke ngisakulimaza, ngenxa yokuthi ukuphila kwami kube yigugu[e] kuwe namuhla. Ngenze ubuwula futhi ngiphaphalaze kakhulu.” **22** UDavide waphendula wathi: “Nawu umkhonto wenkosi. Makuze enye yezinsizwa iwulande. **23** NguJehova ozobuyisela yilowo nalowo ngokulunga kwakhe[f] nangokwethembeka kwakhe, ngenxa yokuthi namuhla uJehova ubekunikele esandleni sami, kodwa angithandanga ukwelulela isandla sami kogcotshiwe kaJehova.[g] **24** Njengoba nje ukuphila* kwakho kube yigugu kimi namuhla, kwangathi ukuphila* kwami kungaba yigugu emehlweni kaJehova, kwangathi angangikhulula kulo lonke usizi.”[h] **25** USawule wathi kuDavide: “Kwangathi ungabusiswa, ndodana yami Davide. Nakanjani uzokwenza izinto ezinkulu futhi nakanjani uzophumelela.”[i] Ngemva kwalokho uDavide wahamba, noSawule wabuyela ekhaya.[j]

26:19 *NgesiHebheru, “makahogele.”

26:20 *Noma, “Ungalivumeli igazi lami ukuba liwele emhlabathini.” 26:24 *Noma, “umphefumulo.”

ISAHL. 26
a 1Sa 24:4
b 1Sa 14:50; 1Sa 17:55; 2Sa 2:8; 2Sa 3:8
c 1Sa 26:8
d 1Sa 9:16, 17; 1Sa 10:1
e 1Sa 26:11
f 1Sa 24:8, 16
g Hu 35:7
h 1Sa 24:9, 11

Uhla 2
a 1Sa 24:9
b Eks 19:5; Dut 26:18
c 1Sa 24:14
d 1Sa 24:17
e 1Sa 24:10; 1Sa 26:11
f Hu 7:8; Hu 18:20
g 1Sa 24:6; 1Sa 26:9
h Hu 34:19
i 1Sa 24:19
j 1Sa 24:22; 1Sa 27:4

**27** Nokho, uDavide wathi
enhliziyweni yakhe: “Ngo-
lunye usuku uSawule uzongibu-
lala. Into engcono ukuba ngiba-
leke[a] ngiye ezweni lamaFilisti;
uSawule uzongifuna aze akha-
thale kuyo yonke indawo yakwa-
Israyeli,[b] ngaleyo ndlela ngizo-
phunyuka esandleni sakhe.”
**2** Ngakho uDavide wasuka na-
madoda angu-600[c] ayekanye
naye bawelela ku-Akhishi[d] indo-
dana kaMawoki, inkosi yaseGa-
ti. **3** UDavide wahlala no-Akhi-
shi eGati, yena namadoda aye-
kanye naye, yileyo naleyo ndo-
da nomndeni wayo. UDavide wa-
yekanye nabafazi bakhe ababili,
u-Ahinohama[e] waseJizreyeli no-
Abhigayili[f] waseKarmeli, umfe-
lokazi kaNabali. **4** Lapho uSa-
wule ebikelwa ukuthi uDavide
ubalekele eGati, wayeka uku-
mfuna.[g]
**5** UDavide wathi ku-Akhi-
shi: “Uma ngithole umusa eme-
hlweni akho, manginikwe inda-
wo kwelinye lamadolobha ase-
maphandleni ukuze ngihlale
khona. Kungani inceku ya-
kho kufanele ihlale edolobhe-
ni lasebukhosini kanye nawe?”
**6** Ngakho u-Akhishi wamnika
iZikilagi[h] ngalolo suku. Yinga-
kho iZikilagi lingelamakhosi
akwaJuda kuze kube namuhla.
**7** Isikhathi* uDavide asihla-
la emaphandleni amaFilisti
saba unyaka nezinyanga ezi-
ne.[i] **8** UDavide wayekhuphu-
ka namadoda ayekanye naye
ukuze bayophanga amaGeshu-
ri,[j] amaGirizi nama-Amaleki,[k]
ngoba ayakhe ezweni elisuke-
la eThelami kuze kufike eShu-
ri[l] kwehle kuze kube sezwe-
ni laseGibhithe. **9** Lapho uDa-
vide ehlasela izwe, wayebula-
la ndoda abulale sifazane;[a] ko-
dwa wayethatha imihlambi ye-
zimvu neyezimbuzi, imihlambi
yezinkomo, izimbongolo, ama-
kamela nezingubo zokugqo-
ka, ngemva kwalokho abuyele
ku-Akhishi. **10** U-Akhishi wa-
yebuza athi: “Beniphanga kuyi-
phi indawo namuhla?” UDavi-
de wayephendula athi: “Besi-
phanga eningizimu* yakwaJu-
da”[b] noma athi “Eningizimu ya-
maJeramiyeli”[c] noma “Eningi-
zimu yamaKheni.”[d] **11** UDavi-
de wayebulala wonke amadoda
nabesifazane ukuze kungadi-
ngeki abalethe eGati, ngo-
ba wayethi: “Bangase basidalu-
le, bathi, ‘UDavide wenze lo-
khu nalokhu.’” (Wayenza nga-
leyo ndlela sonke isikha-
thi asihlala emaphandleni ama-
Filisti.) **12** Ngakho u-Akhishi
wamkholwa uDavide, ezitshe-
la ukuthi: ‘Nakanjani useyi-
phunga elibi kubantu baku-
bo u-Israyeli, ngakho usezohla-
le eyinceku yami.’

**28** Ngalezo zinsuku amaFili-
sti aqoqa amabutho awo
ukuze ayolwa no-Israyeli.[e] Nga-
kho u-Akhishi wathi kuDavide:
“Angithi uyazi ukuthi wena na-
madoda akanye nawe kufane-
le nihambe nami siye empini?”[f]
**2** UDavide wathi ku-Akhishi:
“Wazi kahle ukuthi yini ince-
ku yakho ezoyenza.” U-Akhi-
shi wathi kuDavide: “Yinga-
kho ngizokumisa ube umqaphi
wami njalo.”*[g]
**3** Ngaleso sikhathi uSamu-
weli wayesefile, wonke u-Isra-
yeli wayemlilele futhi wam-
ngcwaba edolobheni lakubo,
eRama.[h] USawule wayebasusi-
le kwa-Israyeli abasebenzelana

---

27:7 *NgesiHebheru, “Isibalo sezinsuku.”

27:10 *Noma, “eNegebhi.” 28:2 *NgesiHebheru, “umqaphi wekhanda lami nsuku zonke.”

ISAHL. 27
a 1Sa 19:18; 1Sa 22:1, 5
b 1Sa 18:29; 1Sa 23:23
c 1Sa 25:13; 1Sa 30:9
d 1Sa 21:10, 14; 1Sa 27:12
e 1Sa 25:43
f 1Sa 25:39, 42
g 1Sa 23:14; 1Sa 26:25
h Jos 19:1, 5; 1Sa 30:1; 2Sa 1:1; 1Kr 12:1, 20
i 1Sa 29:3
j Jos 13:1, 2
k Gen 36:12; Eks 17:8, 14; Num 13:29; 1Sa 15:2; 2Sa 1:1
l Gen 25:17, 18; Eks 15:22; 1Sa 15:7

Uhla 2
a Dut 25:19; 1Sa 15:3
b Jos 15:1, 2
c 1Kr 2:9
d Num 24:21; 1Sa 15:6

ISAHL. 28
e 1Sa 14:52
f 1Sa 27:12; 1Sa 29:3
g 1Sa 29:2
h 1Sa 25:1

nemimoya nababikezeli beku-
sasa.[a]

**4** AmaFilisti aqoqana, aha-
mba afike amisa ikamu eShu-
nemi.[b] Ngakho uSawule waqoqa
wonke u-Israyeli, bamisa ikamu
eGilibowa.[c] **5** Lapho uSawule
ebona ikamu lamaFilisti wesa-
ba, inhliziyo yakhe yathuthu-
mela kakhulu.[d] **6** Nakuba uSa-
wule ayebuza kuJehova,[e] uJe-
hova akazange amphendule,
ngamaphupho noma nge-Urimi[f]
noma ngabaprofethi. **7** Eku-
gcineni uSawule wathi ezince-
kwini zakhe: "Ngifuneleni owe-
sifazane osebenzelana nemimo-
ya,[g] ngizoya kuye ngiyobhula."
Izinceku zakhe zathi kuye: "Ku-
khona owesifazane osebenzela-
na nemimoya e-Eni-dori."[h]

**8** Ngakho uSawule wazenza
omunye umuntu wagqoka ezi-
nye izingubo, wahamba waya
kulowo wesifazane ebusuku,
ehamba namadoda amabili. Wa-
fike wathi: "Ngicela ungibhule-
le,[i] unginyusele lowo engizomu-
sho kuwe." **9** Nokho, owesifa-
zane wathi kuye: "Angithi uya-
kwazi lokho uSawule akwe-
nzile, indlela aqede ngayo
abasebenzelana nemimoya na-
babikezeli bekusasa kwa-Israye-
li.[j] Pho kungani uzama ukungi-
cupha ukuze ngibulawe?"[k]
**10** USawule wafunga uJehova
kuye, wathi: "Ngifunga uJeho-
va, ngeke ube nacala kule
ndaba!" **11** Owesifazane wabe
esethi: "Ngikwenyusele bani?"
Wathi: "Ngenyusele uSamu-
weli." **12** Lapho owesifazane
ebona "uSamuweli"*[l] wameme-
za ngalo lonke izwi lakhe,
wathi kuSawule: "Ungikhohli-
seleni? UnguSawule!" **13** Inko-
si yathi kuye: "Ungesabi, ngi-
tshele ukuthi ubonani." Owesi-
fazane wathi kuSawule: "Ngibo-
na kuphuma umuntu okunga-
thi unkulunkulu emhlabathini."
**14** USawule wathi kuye: "Ubu-
keka kanjani?" owesifazane wa-
thi: "Kukhuphuka ikhehla eli-
gqoke ijazi elingenamikhono."[a]
USawule wabona ukuthi kwa-
kunguSamuweli, waguqa ubuso
bakhe bubheke phansi wakho-
thama.

**15** USamuweli wathi kuSa-
wule: "Ungiphazamiselani ngo-
kucela ukuba ngenyuswe?"
USawule waphendula wathi:
"Ngisenkingeni enkulu. Ama-
Filisti alwa nami, noNkulu-
nkulu ungishiyile, akasangi-
phenduli ngabaprofethi noma
ngamaphupho;[b] yingakho ngibi-
za wena ukuze ungazise oku-
mele ngikwenze."[c]

**16** USamuweli wathi: "Ku-
ngani ubuza kimi njengoba uJe-
hova esekushiyile[d] futhi emele-
ne nawe? **17** UJehova uzoze-
nzela lokho akubikezela ngami:
uJehova uzowuhlwitha umbuso
ezandleni zakho awunike umu-
ntu wakini, uDavide.[e] **18** Nge-
nxa yokuthi awulilalelanga izwi
likaJehova futhi awuwaqothu-
langa ama-Amaleki ayemcasuli-
le,[f] yingakho uJehova enza lo-
khu kuwe namuhla. **19** UJe-
hova uzonikela u-Israyeli ka-
nye nawe esandleni samaFili-
sti,[g] kusasa wena[h] namadoda-
na akho[i] nizobe nikanye nami.
UJehova uzonikela nebutho la-
kwa-Israyeli ezandleni zamaFili-
sti."[j]

**20** USawule wavele wawela
phansi, wesaba kakhulu nge-
nxa yamazwi kaSamuweli. Wa-
phelelwa amandla ngoba wa-
yengadlanga kudla usuku lo-
nke nobusuku bonke. **21** La-
pho owesifazane eza kuSawule
ebona ukuthi wayekhathazeke

**28:12** *Noma, "lokho okwakubonakala sengathi uSamuweli."

ISAHL. 28

a Eks 22:18, Lev 19:31, Lev 20:6, 27, Dut 18:10, 11, IsA 21:8
b Jos 19:17, 18, 2Kh 4:8
c 1Sa 31:1, 2Sa 1:21, 2Sa 21:12
d 1Sa 28:20
e 1Sa 14:37
f Eks 28:30, Num 27:21
g Eks 22:18, Lev 19:31, Lev 20:6, 1Sa 15:23, 1Sa 28:3
h Jos 17:11
i Dut 18:10, 11, 1Kr 10:13
j 1Sa 28:3
k Eks 22:18, Lev 20:27
l 1Sa 28:3

Uhla 2

a 1Sa 15:27
b 1Sa 28:6
c Lev 19:31
d 1Sa 15:23, 1Sa 16:14
e 1Sa 13:14, 1Sa 15:28, 1Sa 16:13, 1Sa 24:20
f 1Sa 15:9, 1Kr 10:13
g 1Sa 28:1, 1Sa 31:1
h 1Sa 31:5
i 1Sa 31:2, 2Sa 2:8
j 1Sa 31:7

kakhulu, wathi kuye: “Inceku-
kazi yakho ililalelile izwi la-
kho, ngabeka ukuphila kwami
engozini,[a] ngenza lokho oku-
shilo. **22** Manje, ngicela ulale-
le incekukazi yakho. Ngivume-
le ngibeke phambi kwakho uce-
zu lwesinkwa; udle ukuze utho-
le amandla okuqhubeka ne-
ndlela yakho.” **23** Kodwa we-
nqaba, wathi: “Ngeke ngidle.”
Nokho, izinceku zakhe nalona
wesifazane babelokhu bem-
ncenga. Ekugcineni wabalale-
la, wasukuma wahlala embhe-
deni. **24** Lona wesifazane wa-
yenethole elikhuluphele kwa-
khe, ngakho washesha walihla-
ba* wathatha ufulawa waxo-
va inhlama wabhaka isinkwa
esingenamvubelo. **25** Wapha-
kela uSawule nezinceku zakhe,
badla. Ngemva kwalokho basu-
kuma bahamba ebusuku.[b]

**29** AmaFilisti[c] aqoqela wo-
nke amabutho awo e-Afe-
ki, kuyilapho ama-Israyeli emi-
se amatende awo ngasemtho-
njeni oseJizreyeli.[d] **2** Amakho-
si amaFilisti ayedlula nama-
sosha awo angamakhulu nayi-
zinkulungwane, uDavide nama-
doda ayekanye naye babelande-
la ngemuva no-Akhishi.[e] **3** Ko-
dwa izikhulu zamaFilisti zathi:
“Afunani la maHebheru lapha?”
U-Akhishi waphendula izikhulu
zamaFilisti wathi: “Lona ngu-
Davide inceku kaSawule inko-
si yakwa-Israyeli, obelokhu ena-
mi isikhathi esingangonyaka
noma ngaphezulu.[f] Angithola-
nga phutha kuye kusukela ngo-
suku aqembukela ngalo kimi
kuze kube namuhla.” **4** Kodwa
izikhulu zamaFilisti zamthuku-
thelela u-Akhishi, zathi kuye:
“Mphindisele emuva lo muntu.[g]
Makabuyele endaweni omabele
yona. Makangayi nathi empini,
ukuze angasijikeli phambili.[a]
Ngoba iyiphi indlela engco-
no angazenza athandeke ngayo
enkosini yakhe ukwedlula uku-
yilethela amakhanda amasosha
ethu? **5** Akuyena yini lo Davi-
de ababecula ngaye ngesikhathi
bedansa, bethi:

> ‘USawule ubulele izinkulu-
> ngwane zakhe,
> UDavide yena ubulele
> amashumi ezinkulungwa-
> ne zakhe’?”[b]

**6** Ngakho u-Akhishi[c] wabiza
uDavide wathi kuye: “Ngifunga
uJehova, wena uqotho, futhi
mina ngiyathanda ukuba uha-
mbe uye nebutho lami empi-
ni,[d] ngoba angitholanga phutha
kuwe kusukela ngosuku owafi-
ka ngalo kimi kuze kube na-
muhla.[e] Kodwa amanye ama-
khosi awakwethembi.[f] **7** Nga-
kho buyela emuva ngokuthu-
la, ungenzi lutho oluzocasula
amakhosi amaFilisti.” **8** No-
kho, uDavide wathi ku-Akhi-
shi: “Kungani, ngenzeni? Phu-
tha lini olithole encekwini ya-
kho kusukela ngosuku engafi-
ka ngalo kuwe kuze kube na-
muhla? Kungani kungafanele
ngihambe nawe ngiyolwa nezi-
tha zenkosi yami?” **9** U-Akhi-
shi wathi kuDavide: “Kimi, ubu-
lokhu umuhle njengengelosi
kaNkulunkulu.[g] Kodwa izikhu-
lu zamaFilisti zithe, ‘Ungamvu-
meli aye nathi empini.’ **10** Ma-
nje vuka kusasa ekuseni kanye
nezinceku zenkosi yakho ofike
nazo; nivuke ekuseni lapho nje
sekukhanya nihambe.”

**11** Ngakho uDavide nama-
doda ayekanye naye bavu-
ka ekuseni kakhulu babuye-
la ezweni lamaFilisti, amaFili-
sti wona akhuphukela eJizre-
yeli.[h]

---

**28:24** *Noma, “walenza umhlatshelo.”

**ISAHL. 28**
a Lev 20:27
b 1Sa 28:8

**ISAHL. 29**
c 1Sa 28:1
d Jos 19:17, 18; 1Sa 29:11
e 1Sa 28:2
f 1Sa 27:7, 12
g 1Kr 12:19

**Uhla 2**
a 1Sa 14:21
b 1Sa 18:7; 1Sa 21:11
c 1Sa 21:10; 1Sa 27:2
d 1Sa 28:2
e 1Sa 27:11, 12
f 1Sa 29:3, 9
g 1Sa 27:12
h Jos 19:17, 18; 1Sa 29:1

**30** Lapho uDavide namado-
da ayekanye naye befi-
ka eZikilagi[a] ngosuku lwesitha-
thu, bathola ukuthi ama-Ama-
leki[b] ayephange eningizimu*
naseZikilagi, ahlasela iZikila-
gi alishisa ngomlilo. **2** Aye-
thumbe abesifazane[c] nabo bo-
nke ababekulo, abancane naba-
dala. Ayengabulalanga muntu,
kodwa ayebathathile ahamba
nabo. **3** Lapho uDavide na-
madoda ayekanye naye befi-
ka edolobheni, balifica lishiswe
ngomlilo, omkabo namadodana
abo namadodakazi abo bethu-
njiwe. **4** Ngakho uDavide na-
madoda ayekanye nawo bakha-
la kakhulu, kwaze kwaba yila-
pho sebephelelwe amandla.
**5** Abafazi ababili bakaDavide
nabo babethunjiwe, u-Ahino-
hama waseJizreyeli no-Abhiga-
yili waseKarmeli,[d] umfelokazi
kaNabali. **6** UDavide wayeci-
ndezeleke kakhulu, ngoba aba-
ntu babethi makashaywe nga-
matshe, ngenxa yokuthi bo-
nke abantu babemunyu ngenxa
yokulahlekelwa amadodana na-
madodakazi abo. Kodwa uDavi-
de waziqinisa ngoJehova uNku-
lunkulu wakhe.[e]

**7** UDavide wayesethi ku-
Abhiyathara[f] umpristi, indoda-
na ka-Ahimeleki: "Ngicela ule-
the lapha i-efodi."[g] Ngakho
u-Abhiyathara waletha i-efo-
di kuDavide. **8** UDavide wa-
buza kuJehova,[h] wathi: "Ngi-
lijahe yini leli viyo labaphangi?
Ingabe ngizolifica?" Yena wa-
thi kuye: "Lijahe, ngoba uzolifi-
ca nakanjani, futhi uzokubuyi-
sa konke okuthathiwe."[i]

**9** Ngokushesha uDavide na-
madoda angu-600[j] ayekanye na-
ye bahamba baze bafika eMho-
sheni* WaseBhesori, lapho kwa-
sala khona amanye amadoda.
**10** UDavide namadoda angu-
400 baqhubeka nokujaha ivi-
yo labaphangi, kodwa amado-
da angu-200 ayekhathele kakhu-
lu ukuba awele uMhosha Wase-
Bhesori asala.[a]

**11** Bathola indoda yaseGi-
bhithe endle, bayithatha bayi-
yisa kuDavide. Bayipha ukudla
namanzi okuphuza, **12** bayi-
pha nocezu lwekhekhe lama-
khiwane omisiwe namakhekhe
amabili amagilebhisi omisiwe.
Lapho seyidlile, yathola ama-
ndla,* ngoba yayingadlanga lu-
tho futhi ingaphuzanga manzi
izinsuku ezintathu nobusuku
obuthathu. **13** UDavide wathi
kuyo: "Uyinceku kabani, futhi
uvelaphi?" yona yathi: "Ngiyi-
sikhonzi esingumGibhithe, isi-
gqila somuntu ongumAmale-
ki, kodwa inkosi yami ingishiyi-
le ngoba bengigula ezinsukwi-
ni ezintathu ezidlule. **14** Besi-
phanga eningizimu* yamaKhe-
reti[b] nakwaJuda naseningizi-
mu# kaKalebi,[c] iZikilagi sa-
lishisa ngomlilo." **15** UDavi-
de wathi kuyo: "Ungangihole-
la yini kulelo viyo labaphangi?"
Le ndoda yathi: "Uma ufu-
nga uNkulunkulu ukuthi ngeke
ungibulale, nokuthi ngeke
unginikele enkosini yami, ngi-
zokuholela kulelo viyo labapha-
ngi."

**16** Ngakho yamhola yamehli-
sela lapho babethe chithi saka
khona esigangeni, bedla bephu-
za futhi benedili ngenxa yayo
yonke impango eningi ababe-
yithathe ezweni lamaFilisti na-
sezweni lakwaJuda. **17** UDavi-
de wababulala kusukela ekuse-
ni ngovivi kwaze kwaba kusi-
hlwa; akuphunyukanga muntu[d]

**30:1, 14** *Noma, "eNegebhi." **30:9** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**30:12** *NgesiHebheru, "umoya wayo wabuyela kuyo." **30:14** #Noma, "nase-Negebhi."

ISAHL. 30
a Jos 15:21, 31; 1Sa 27:5, 6
b Gen 36:12; Eks 17:14; 1Sa 15:2; 1Sa 27:8
c 1Sa 27:3
d 1Sa 25:42; 1Sa 25:43
e Hu 18:6; Hu 31:1, 9; Hu 34:19; Hu 143:5
f 1Sa 22:20; 1Kh 2:26
g 1Sa 23:9
h Num 27:21; Hlu 20:28; 1Sa 23:2, 11; 1Sa 28:6
i 1Sa 30:18; Hu 34:19
j 1Sa 23:13; 1Sa 27:2

Uhla 2
a 1Sa 30:21
b 2Sa 8:18; 1Kh 1:38; 1Kr 18:17; Hez 25:16; Zef 2:5
c Jos 14:13
d Eks 17:14

ngaphandle kwamadoda angu-
400 abaleka ngamakamela.
**18** UDavide wakuthola konke
okwakuthathwe ama-Amaleki,[a]
wakhulula nabafazi bakhe aba-
bili. **19** Akukho lutho olungo-
lwabo abangalutholanga, kusu-
kela komncane kunabo bonke
kuya komdala kunabo bonke.
Bathola amadodana namadoda-
kazi abo kanye nempango;[b] uDa-
vide wakuthola konke okwaku-
thathiwe. **20** UDavide watha-
tha yonke imihlambi yezimvu
neyezimbuzi nemihlambi yezi-
nkomo yama-Amaleki, amadoda
ayekanye naye ayiqhuba nga-
phambi kwemfuyo yabo. Bathi:
“Lena yimpango kaDavide.”

**21** Ekugcineni uDavide wa-
fika emadodeni angu-200 aye-
khathele kakhulu ukuba aha-
mbe naye, lawo ayesale ngase-
Mhosheni WaseBhesori,[c] asuka
ayohlangabeza uDavide naba-
ntu ababenaye. Lapho uDavide
esondela kula madoda, wawa-
buza impilo. **22** Nokho wonke
amadoda amabi nangelusizo
lwalutho emadodeni ayehambe
noDavide athi: “Ngenxa yoku-
thi abahambanga nathi, nge-
ke sibanike lutho empangweni
esibuye nayo, ngaphandle ko-
kuba yilowo nalowo athathe
umkakhe nabantwana bakhe
ahambe.” **23** Kodwa uDavide
wathi: “Ningayenzi leyo nto ba-
fowethu ngalokho uJehova asi-
nike kona. Usivikele, walinikela
esandleni sethu iviyo labapha-
ngi ebelisihlasele.[d] **24** Nguba-
ni ozovumelana nani kule nda-
ba? Isabelo salowo owehlile
waya empini sizolingana nesa-
belo salowo obehlezi nemi-
thwalo.[e] Bonke bazoba nesa-
belo ndawonye.”[f] **25** Kusuke-
la ngalolo suku kuqhubeke lo-
khu kwaba isiqondiso nomthe-
tho kwa-Israyeli.

**26** Lapho uDavide efika eZi-
kilagi, wathumela enye yempa-
ngo emadodeni amadala akwa-
Juda ayengabangani bakhe, wa-
thi: “Nasi isipho* senu esi-
vela empangweni yezitha zika-
Jehova.” **27** Wayithumela ku-
lawo ayeseBhethele,[a] ayeseRa-
moti laseNegebhi,* ayeseJatiri,[b]
**28** ayese-Aroweri, ayeseSifimo-
ti, ayese-Eshitemowa,[c] **29** aye-
seRakali, ayesemadolobheni
amaJeramiyeli,[d] ayesemadolo-
bheni amaKheni,[e] **30** ayeseHo-
rma,[f] ayeseBhorashani, ayese-
Athaki, **31** ayeseHebroni,[g] na-
kuzo zonke izindawo uDavide
namadoda ayekanye naye aba-
bevame ukuya kuzo.

**31** AmaFilisti ayelwa no-
Israyeli.[h] Amadoda akwa-
Israyeli awabalekela amaFili-
sti, amaningi abulawa eNtabe-
ni iGilibowa.[i] **2** AmaFilisti
amhlala ezithendeni uSawu-
le namadodana akhe, abula-
la uJonathani,[j] u-Abhinada-
ba noMaliki-shuwa, amado-
dana kaSawule.[k] **3** Impi yaba
nzima kuSawule, abacibishe-
li bamthola futhi bamlima-
za kabi.[l] **4** Ngemva kwalokho
uSawule wathi esikhonzini esi-
phatha izikhali zakhe: “Hosha
inkemba yakho ungigwaze nga-
yo, ukuze laba bantu abangaso-
kile[m] bangafiki bangigwaze ba-
ngiphathe ngesihluku.”* Kodwa
isikhonzi esiphatha izikhali za-
khe asivumanga, ngoba sase-
saba kakhulu. Ngakho uSa-
wule wathatha inkemba wawe-
la phezu kwayo.[n] **5** Lapho isi-
khonzi esiphatha izikhali za-
khe sibona ukuthi uSawule
usefile,[o] naso sawela phezu
kwenkemba yaso safa. **6** Nga-

---

**30:26** *NgesiHebheru, “isibusiso.” **30:27** *Noma, “laseningizimu.” **31:4** *Noma, “bangihlukumeze.”

ISAHL. 30
a 1Sa 30:3
b 1Sa 30:8, Hu 34:19
c 1Sa 30:10
d 1Sa 30:8
e 1Sa 30:10
f Num 31:27, Jos 22:8, Hu 68:12

Uhla 2
a Jos 19:4, 8
b Jos 15:20, 48, Jos 21:8, 14
c Jos 15:20, 50, Jos 21:8, 14
d 1Sa 27:10, 1Kr 2:9
e Hlu 1:16, 1Sa 15:6
f Num 21:3, Jos 19:1, 4, Hlu 1:17
g Jos 14:13, 2Sa 2:1

ISAHL. 31
h 1Sa 14:52, 1Sa 29:1
i 1Sa 28:4, 2Sa 1:21, 1Kr 10:1-5
j 1Sa 13:2
k 1Kr 8:33
l 2Sa 1:4, 6
m 1Sa 17:26, 2Sa 1:20
n 1Kr 10:4
o 1Sa 26:10, 1Kr 10:13

kho uSawule, amadodana akhe
amathathu, isikhonzi esipha-
tha izikhali zakhe nazo zo-
nke izinceku zakhe, bafa bonke
ngalolo suku.[a] **7** Lapho aba-
ntu bakwa-Israyeli ababesesi-
godini* nababeseJordani bebo-
na ukuthi amadoda akwa-Isra-
yeli abalekile nokuthi uSawu-
le namadodana akhe bafile, ba-
shiya amadolobha abo babale-
ka;[b] ngemva kwalokho kwafika
amaFilisti ahlala kuwo.

**8** Ngakusasa, lapho amaFili-
sti eza ezohlubula ababule-
we, athola uSawule namadoda-
na akhe amathathu bedindilizi-
le eNtabeni iGilibowa.[c] **9** Nga-
kho amnquma ikhanda, amhlu-
bula izembatho zakhe zempi,
athumela umyalezo kulo lonke
izwe lamaFilisti ukuze lezi zi-
ndaba azimemezele[a] ezindli-
ni* zezithixo zawo[b] nakubantu.
**10** Ngemva kwalokho abeka
izembatho zakhe zempi endli-
ni yemifanekiso ka-Ashitore-
ti, abethela isidumbu sa-
khe odongeni lwaseBheti-sha-
ni.[c] **11** Lapho abantu baseJa-
beshi-gileyadi[d] bezwa ngalokho
amaFilisti ayekwenze kuSawu-
le, **12** wonke amaqhawe asu-
ka ahamba ubusuku bonke
afike asethula isidumbu sika-
Sawule nezidumbu zamadoda-
na akhe odongeni lwaseBheti-
shani. Abuyela nazo eJabeshi
afike azishisa khona. **13** Nge-
mva kwalokho athatha amatha-
mbo abo[e] awangcwaba ngapha-
nsi kwesihlahla somthamari-
ske eJabeshi,[f] azila ukudla izi-
nsuku eziyisikhombisa.

**31:7** *Noma, "ababesethafeni elipha-nsi."

**31:9** *Noma, "emathempelini."

**ISAHL. 31**
a 1Sa 28:19; 1Kr 10:6, 7
b 1Sa 13:6
c 1Sa 28:4; 1Sa 31:1; 2Sa 1:6; 1Kr 10:8-12

**Uhla 2**
a 2Sa 1:20
b Hlu 16:23
c Jos 17:11; Hlu 1:27
d 1Sa 11:1, 9-11
e 2Sa 21:12
f 2Sa 2:4, 5

## EYESIBILI
# KASAMUWELI

### UHLU LOKUPHAKATHI

1 UDavide uyezwa ngokufa kukaSawule (1-16)
Ingoma kaDavide yokulilela uSawule noJonathani (17-27)

2 UDavide uba yinkosi kwaJuda (1-7)
U-Ishi-bhosheti uba yinkosi kwa-Israyeli (8-11)
Impi phakathi kwendlu kaDavide nendlu kaSawule (12-32)

3 Indlu kaDavide iba namandla nakakhulu (1)
Amadodana kaDavide (2-5)
U-Abhineri uhlubukela kuDavide (6-21)
UJowabe ubulala u-Abhineri (22-30)
UDavide ulilela u-Abhineri (31-39)

4 U-Ishi-bhosheti uyabulawa (1-8)
UDavide uyala ukuba kubulawe ababulali (9-12)

5 UDavide uba yinkosi phezu kwawo wonke u-Israyeli (1-5)
IJerusalema liyanqotshwa (6-16)
IZiyoni, iDolobha LikaDavide (7)
UDavide unqoba amaFilisti (17-25)

6 UMphongolo ulethwa eJerusalema (1-23)
U-Uza ubamba uMphongolo, uyabulawa (6-8)
UMikhali udelela uDavide (16, 20-23)

7 UDavide ngeke alakhe ithempeli (1-7)
Isivumelwano sombuso noDavide (8-17)
Umthandazo kaDavide wokubonga (18-29)

8 Izimpi uDavide azinqoba (1-14)
Umbuso kaDavide (15-18)

9 Uthando oluqotho uDavide alubonisa uMefibhosheti (1-13)

10 Ukunqoba ama-Amoni namaSiriya (1-19)

11 UDavide uphinga noBhati-sheba (1-13)
UDavide uhlela ukuba kubulawe u-Uriya (14-25)
UDavide uthatha uBhati-sheba ukuba abe ngumkakhe (26, 27)

12 UNathani usola uDavide (1-15a)
Indodana kaBhati-sheba iyafa (15b-23)
UBhati-sheba uzala uSolomoni (24, 25)
Idolobha lama-Amoni iRaba liyanqotshwa (26-31)

13 U-Amnoni udlwengula uThamari (1-22)
U-Absalomu ubulala u-Amnoni (23-33)
U-Absalomu ubalekela eGeshuri (34-39)

14 UJowabe nowesifazane waseThekhowa (1-17)
UDavide uyalibona icebo likaJowabe (18-20)
U-Absalomu uyavunyelwa ukuba abuye (21-33)

15 Itulo lika-Absalomu nokuvukela kwakhe (1-12)
UDavide uyabaleka eJerusalema (13-30)
U-Ahithofeli uzihlanganisa no-Absalomu (31)
UHushayi uthunyelwa ukuba ayoshafisa amacebo ka-Ahithofeli (32-37)

16 UZiba unyundela uMefibhosheti (1-4)
UShimeyi uqalekisa uDavide (5-14)
U-Absalomu wamukela uHushayi (15-19)
Iseluleko sika-Ahithofeli (20-23)

17 UHushayi ubhuntshisa iseluleko sika-Ahithofeli (1-14)
UDavide uyaxwayiswa; uyaphunyuka ku-Absalomu (15-29)
UBharizilayi nabanye baletha izinto eziyisidingo (27-29)

18 Ukunqotshwa kuka-Absalomu nokufa kwakhe (1-18)
UDavide ubikelwa ngokufa kuka-Absalomu (19-33)

19 UDavide ulilela u-Absalomu (1-4)
UJowabe usola uDavide (5-8a)
UDavide ubuyela eJerusalema (8b-15)
UShimeyi uyaxolisa (16-23)
UMefibhosheti utholakala engenacala (24-30)
UBharizilayi uyadunyiswa (31-40)
Izizwe ziyaxabana (41-43)

20 Ukuvukela kukaSheba; uJowabe ubulala u-Amasa (1-13)
USheba uyajahwa anqunywe ikhanda (14-22)
Umbuso kaDavide (23-26)

21 AbaseGibheyoni bayaphindiselelwa kwabendlu kaSawule (1-14)
Izimpi namaFilisti (15-22)

22 UDavide udumisa uNkulunkulu ngenxa yensindiso yakhe (1-51)
"UJehova uyidwala lami" (2)
UJehova uqotho kulabo abaqotho (26)

23 Amazwi okugcina kaDavide (1-7)
Ukunqoba kwamaqhawe kaDavide (8-39)

24 Isono sikaDavide sokubala abantu (1-14)
Isifo esiwumshayabhuqe sibulala abangu-70 000 (15-17)
UDavide wakha i-altare (18-25)
Akukho mhlatshelo ozokwenziwa ngaphandle kwezindleko (24)


**1** Ngemva kokufa kukaSawu-
le, lapho uDavide esewa-
nqobile* ama-Amaleki, uDavide
wabuya wahlala eZikilagi[a] izi-
nsuku ezimbili. **2** Ngosuku
lwesithathu, kwafika umuntu
evela ekamu likaSawule, izi-
ngubo zakhe ziklebhukile, ene-
nhlabathi ekhanda. Lapho efi-
ka kuDavide, waguqa phansi
wakhothama.
**3** UDavide wathi kuye:
"Uvelaphi?" Waphendula wa-
thi: "Ngiphunyuke ekamu la-
kwa-Israyeli." **4** UDavide wa-
thi kuye: "Ngicela ungitshe-

ISAHL. 1
a 1Sa 27:5, 6

1:1 * Noma, "ukuyobulala ama-Amaleki."

le. Ihambe kanjani impi?” Yena
wathi: “Abantu babalekile
empini, abaningi bafile. Ngisho
noSawule nendodana yakhe
uJonathani bafile.”[a] **5** UDavi-
de wayibuza le nsizwa ebizo-
mbikela wathi: “Wazi kanjani
ukuthi uSawule noJonathani
indodana yakhe bafile?” **6** Le
nsizwa yathi: “Ngithe ngiseNta-
beni iGilibowa,[b] ngazithela ku-
Sawule encike phezu komkho-
nto wakhe, izinqola zempi
namadoda agibele amahha-
shi abesezomfica.[c] **7** Lapho
ephenduka engibona, ube ese-
ngibiza, ngathi, ‘Yebo nkosi!’
**8** Uthe kimi, ‘Ungubani?’ nga-
thi kuye, ‘NgingumAmaleki.’[d]
**9** Ube esethi kimi, ‘Ngice-
la usondele ungibulale, ngoba
ngisezinhlungwini ezinzima,
kodwa ngisaphila.’ **10** Nga-
kho ngisondelile ngambulala,[e]
ngoba bengibona ukuthi ngeke
asinde njengoba ebelele pha-
nsi elimele. Ngibe sengitha-
tha umqhele obusekhanda la-
khe nebhengela ebelisengalwe-
ni yakhe, ukuze ngikulethe la-
pha enkosini yami.”

**11** Lapho ezwa lokho uDavi-
de wabamba izingubo za-
khe waziklebhula, enza kanja-
lo nawo wonke amadoda aye-
naye. **12** Balila bakhala, bazi-
la nokudla[f] kwaze kwaba ku-
sihlwa ngenxa yokuthi uSawu-
le, uJonathani indodana yakhe,
nabaningi kubantu bakaJeho-
va, ama-Israyeli[g] amaningi aye-
bulawe ngenkemba.

**13** UDavide wathi ensizweni
ebimlethele umbiko: “Ungowa-
phi?” Le nsizwa yathi: “Ngiyi-
ndodana yomAmaleki, umu-
ntu wokufika kwa-Israyeli.”
**14** UDavide wathi kuyo: “Ku-
ngani ungesabanga ukwelula
isandla sakho ubulale ogco-
tshiwe kaJehova?”[a] **15** Ngakho
uDavide wabiza enye yezinsizwa
wathi kuyo: “Sondela umbula-
le.” Ngakho yamgwaza wafa.[b]
**16** UDavide wathi kuyo: “Igazi
lakho liphezu kwekhanda lakho,
ngoba uzilahle wena ngomlomo
wakho lapho ufakaza uthi, ‘Mina
uqobo ngimbulele ogcotshiwe
kaJehova.’ ”[c]

**17** Ngemva kwalokho uDavi-
de wahaya le ngoma yokulilela
uSawule noJonathani indoda-
na yakhe[d] **18** futhi wathi aba-
ntu bakwaJuda kufanele bafu-
ndiswe le ngoma yokulila ethi
“UMnsalo,” elotshwe encwadini
kaJashari:[e]

**19** “O Israyeli, abantu abakha-
zimulayo badindilizile ezi-
ndaweni zakho eziphake-
me ezingcwele.[f]
Yeka ukuwa kwamaqhawe!
**20** Ningakubiki eGati;[g]
Ningakumemezeli emigwa-
qweni yase-Ashikeloni,
Ngoba amadodakazi amaFi-
listi azojabula,
Amadodakazi abantu aba-
ngasokile azokwethaba.
**21** Nina zintaba
zaseGilibowa,[h]
Makungabi namazolo na-
mvula phezu kwenu,
Kungabi namasimu akhiqi-
za iminikelo engcwele,[i]
Ngoba langcoliswa lapho
ihawu lamaqhawe,
Ihawu likaSawule alisagco-
tshiwe ngamafutha.
**22** Umnsalo kaJonathani awu-
buyanga,[j]
Egazini lababulewe, emano-
nini amaqhawe,
Nenkemba kaSawule ya-
yingabuyi ingaphumelela-
nga.[k]
**23** USawule noJonathani,[l]
babethandeka futhi

**ISAHL. 1**
*a* 1Sa 31:1, 6; 1Kr 10:4, 6
*b* 1Sa 28:4; 1Kr 10:1
*c* 1Sa 31:3; 1Kr 10:3
*d* Eks 17:16; Dut 25:19; 1Sa 15:20; 1Sa 30:1
*e* 1Sa 31:4
*f* 1Sa 31:11, 13
*g* 1Sa 31:1

**Uhla 2**
*a* Num 12:8; 1Sa 24:6; 1Sa 26:9; 1Sa 31:4
*b* 2Sa 4:10
*c* 2Sa 1:6, 10
*d* 1Sa 31:6
*e* Jos 10:13
*f* 1Sa 31:8
*g* 1Sa 31:9
*h* 1Sa 31:1; 1Kr 10:1
*i* Lev 27:16
*j* 1Sa 18:4; 1Sa 20:20
*k* 1Sa 14:47
*l* 1Sa 18:1

beyigugu* ngesikhathi besaphila,
Nasekufeni abahlukaniswanga.[a]
Babenejubane ngaphezu kwezinkozi,[b]
Benamandla ngaphezu kwamabhubesi.[c]
24 Madodakazi akwa-Israyeli, mkhaleleni uSawule,
Owanigqokisa okubomvu kanye nezinto zekhethelo,
Owafaka imihlobiso yegolide ezingutsheni zenu.
25 Yeka ukuwa kwamaqhawe empini!
UJonathani udindilize ezintabeni![d]
26 Ngidabukile ngawe, mfowethu Jonathani;
Bengikuthanda kakhulu.[e]
Uthando lwakho belumangalisa kakhulu kimi ludlula uthando lwabesifazane.[f]
27 Yeka ukuwa kwamaqhawe
Nezikhali zempi zishabalele!"

2 Ngemva kwalokho uDavide wabuza kuJehova,[g] wathi: "Ngikhuphukele yini kwelinye lamadolobha akwaJuda?" UJehova wathi kuye: "Khuphuka." UDavide wayesethi: "Ngiye kuphi?" Waphendula wathi: "EHebroni."[h]
2 Ngakho uDavide wakhuphukela khona nabafazi bakhe ababili, u-Ahinohama[i] waseJizreyeli no-Abhigayili[j] waseKarmeli, umfelokazi kaNabali.
3 UDavide wakhuphuka namadoda ayekanye naye,[k] yileyo naleyo nomndeni wayo, afike ahlala emadolobheni akhelene neHebroni.
4 Kweza amadoda akwaJuda afike agcoba uDavide lapho njengenkosi phezu kwendlu kaJuda.[l]
UDavide wabikelwa kwathiwa: "Amadoda aseJabeshi-gileyadi yiwo angcwabe uSawule."
5 Ngakho uDavide wathumela izithunywa emadodeni aseJabeshi-gileyadi wathi kuwo: "Kwangathi uJehova anganibusisa, ngenxa yokuthi niyibonise uthando oluqotho inkosi yenu uSawule ngokuyingcwaba.[a]
6 Kwangathi uJehova anganibonisa uthando oluqotho nokwethembeka. Nami ngizonibonisa umusa ngenxa yalokhu enikwenzile.[b]
7 Manje qinani nibe nesibindi, ngoba inkosi yenu uSawule ifile, indlu kaJuda igcobe mina ukuba ngibe yinkosi phezu kwayo."
8 Kodwa u-Abhineri[c] indodana kaNeri, induna yebutho likaSawule, wayethathe u-Ishibhosheti[d] indodana kaSawule, waya naye eMahanayimi,[e]
9 wafike wambeka inkosi phezu kweGileyadi,[f] phezu kwama-Ashuri, phezu kweJizreyeli,[g] phezu kuka-Efrayimi,[h] phezu kukaBhenjamini naphezu kwawo wonke u-Israyeli.
10 U-Ishi-bhosheti, indodana kaSawule, wayeneminyaka engu-40 ubudala lapho eba yinkosi phezu kuka-Israyeli, wabusa iminyaka emibili. Nokho, indlu kaJuda yona yasekela uDavide.[i]
11 Isikhathi* uDavide asibusa eHebroni phezu kwendlu kaJuda kwaba yiminyaka eyisikhombisa nezinyanga eziyisithupha.[j]
12 Ngokuhamba kwesikhathi u-Abhineri indodana kaNeri nezinceku zika-Ishi-bhosheti, indodana kaSawule, baphuma eMahanayimi[k] baya eGibheyoni.[l]
13 UJowabe[m] indodana

1:23 *Noma, "bejabulisa."

2:11 *NgesiHebheru, "Isibalo sezinsuku."

ISAHL. 1
a 1Sa 31:6; 1Kr 10:6
b Job 9:26
c IzA 30:30
d 1Sa 31:8
e 1Sa 18:1, 3
f 1Sa 19:2; 1Sa 20:17, 41; 1Sa 23:16-18; IzA 17:17; IzA 18:24

ISAHL. 2
g Num 27:21; 1Sa 28:6
h Gen 23:2; Num 13:22; Jos 14:14; Jos 20:7; 2Sa 5:1; 1Kh 2:11
i 1Sa 25:43
j 1Sa 25:42; 1Sa 30:5
k 1Sa 22:1, 2; 1Sa 27:2; 1Kr 12:1
l Gen 49:10; 1Sa 15:24, 28; 1Sa 16:13; 2Sa 5:4, 5; 1Kr 11:3

Uhla 2
a 1Sa 31:11-13
b 2Sa 9:7; 2Sa 10:2
c 1Sa 14:50; 1Sa 17:55; 1Sa 26:5; 2Sa 4:1; 1Kh 2:5
d 2Sa 4:5-8; 2Sa 4:12
e Gen 32:1, 2; Jos 13:29, 30
f Jos 13:8, 11
g Jos 19:17, 18
h Jos 16:5-8
i 2Sa 2:4
j 1Kr 3:4
k 2Sa 2:8
l Jos 10:12; Jos 18:21, 25; Jos 21:8, 17; 2Sa 20:8; 2Kr 1:3
m 2Sa 8:16; 2Sa 20:23; 1Kh 1:5, 7

kaZeruya[a] kanye nezinceku zi-
kaDavide nabo baphuma bafike
bahlangana nabo ngasechibini
laseGibheyoni; elinye ibutho la-
hlala nganeno kwechibi, eli-
nye lahlala ngapheseya kwe-
chibi. **14** Ekugcineni u-Abhi-
neri wathi kuJowabe: "Mazisu-
kume izinsizwa, zilwe* pha-
mbi kwethu." UJowabe waphe-
ndula wathi: "Kulungile mazi-
sukume." **15** Ngakho basuku-
ma bakhetha izinsizwa ezingu-
12 zakwaBhenjamini ebuthweni
lika-Ishi-bhosheti, indodana ka-
Sawule, nezingu-12 ezincekwi-
ni zikaDavide. **16** Zabambana
ngezihluthu, ngayinye yagadla
ngenkemba ohlangothini lwale-
yo elwa nayo, zonke zawa ka-
nyekanye. Ngakho leyo ndawo
yabizwa ngokuthi iHelikati-ha-
zurimi. Leyo ndawo iseGibhe-
yoni.

**17** Impi eyasuka ngalolo su-
ku yashuba kakhulu, ekugcine-
ni izinceku zikaDavide zamnqo-
ba u-Abhineri namadoda akwa-
Israyeli. **18** Amadodana ama-
thathu kaZeruya[b] nawo aye-
lapho—uJowabe,[c] u-Abhishayi[d]
no-Asaheli;[e] u-Asaheli wayene-
jubane njengensephe* yasendle.
**19** U-Asaheli wamjaha u-Abhi-
neri, akachezukelanga ngakwe-
sokudla noma ngakwesobunxe-
le njengoba ejaha u-Abhineri.
**20** Lapho u-Abhineri ebheka
emuva, wathi: "Ngu-Asaheli yini
lowo?" yena wathi: "Yebo yimi-
na." **21** U-Abhineri wathi kuye:
"Chezuka uye ngakwesokudla
noma ngakwesobunxele uba-
mbe enye yezinsizwa, uzithathe-
le impango kuyo." Kodwa u-Asa-
heli akavumanga ukuyeka uku-
mjaha. **22** Ngakho u-Abhineri
waphinda futhi wathi ku-Asahe-
li: "Yeka ukungijaha, ngale kwa-
lokho ngizokubulalala. Ngizobe
sengimbhekelwa ubani umfowe-
nu uJowabe?" **23** Kodwa wa-
yelokhu enqaba ukuyeka uku-
mjaha, ngakho u-Abhineri wam-
gwaza esiswini ngesidunu som-
khonto,[a] umkhonto wayophu-
mela emhlane; wawa wafela
khona lapho. Wonke umuntu
owayefika endaweni u-Asaheli
ayefele kuyo, wayefike ame ka-
ncane.

**24** UJowabe no-Abhishayi
bamjaha u-Abhineri. Lapho ila-
nga selishona, bafika egqumeni
lase-Ama, eliphambi kwaseGi-
ya endleleni eya ehlane laseGi-
bheyoni. **25** AbakwaBhenja-
mini baqoqana ngemva kuka-
Abhineri, baba yiviyo elilodwa,
bama phezu kwelinye lama-
gquma. **26** U-Abhineri waye-
sememeza uJowabe wathi: "Ni-
yobulalana ngezinkemba kuze
kube nini? Awazi yini ukuthi
le nto izophetha ngosizi? Pho
kuyoze kube nini ungabatshe-
li abantu ukuba bayeke ukuja-
ha abafowabo?" **27** UJowabe
waphendula wathi: "Ngimfunge
uNkulunkulu weqiniso, ukube
awuzange ukhulume, abantu
bebeyoze bayekiswe ekuseni
ukujaha abafowabo." **28** UJo-
wabe washaya uphondo, ibutho
lakhe layeka ukujaha u-Israye-
li, impi yanqamuka.

**29** Ngemva kwalokho u-Abhi-
neri namadoda ayengapha-
nsi kwakhe, bahamba bada-
bula i-Araba[b] bonke lobo bu-
suku bawela iJordani badabu-
la sonke leso sigodi* baze ba-
yofika eMahanayimi.[c] **30** Nge-
mva kokuba uJowabe eseyeki-
le ukujaha u-Abhineri, wabu-
thela bonke abantu ndawonye.

ISAHL. 2
*a* 1Kr 2:15, 16
*b* 1Kr 2:15, 16
*c* 2Sa 10:7; 2Sa 24:2; 1Kh 11:15; 1Kr 11:6
*d* 1Sa 26:6; 2Sa 20:6; 1Kr 11:20
*e* 2Sa 3:27; 2Sa 23:24; 1Kr 27:1, 7

Uhla 2
*a* 2Sa 3:27
*b* Dut 1:7; Jos 12:2, 3
*c* Jos 21:8, 38; 2Sa 2:8

**2:14** *Noma, "ziqhudelane." **2:18** *Uhlobo oluthile lwenyamazane.

**2:29** *Noma kungaba, "lonke iBhithironi."

Ezincekwini zikaDavide, kwaku-
fe abangu-19 kanye no-Asaheli.
**31** Kodwa izinceku zikaDavide
zazibanqobile abakwaBhenjami-
ni nezinsizwa zika-Abhineri fu-
thi kwakufe amadoda angu-360
kubo. **32** Bamthatha u-Asahe-
li[a] bamngcwaba endaweni yo-
kungcwaba kayise, eseBhetlehe-
ma.[b] Ngemva kwalokho uJowa-
be nezinsizwa zakhe bahamba
ubusuku bonke, kwasa sebese-
Hebroni.[c]

**3** Impi phakathi kwendlu ka-
Sawule nendlu kaDavide ya-
donsa isikhathi eside; uDavi-
de wayelokhu eba namandla,[d]
indlu kaSawule yona yayilokhu
iba buthaka.[e]

**2** Phakathi naleso sikha-
thi, uDavide wazalelwa ama-
dodana eHebroni.[f] Izibulo la-
khe kwakungu-Amnoni[g] owa-
yezalwa u-Ahinohama[h] waseJi-
zreyeli. **3** Indodana yakhe ye-
sibili kwakunguKileyabi owa-
yezalwa u-Abhigayili[i] wase-
Karmeli, umfelokazi kaNaba-
li; eyesithathu kwakungu-Absa-
lomu[j] indodana kaMahakha,
indodakazi kaTalimayi[k] inkosi
yaseGeshuri. **4** Eyesine kwa-
kungu-Adoniya[l] indodana ka-
Hagiti, eyesihlanu kunguShe-
fathiya indodana ka-Abhitha-
li. **5** Eyesithupha kwakungu-
Itereyamu owayezalwa u-Egi-
la, umkaDavide. Yilawa uDavi-
de azalelwa wona eHebroni.

**6** Njengoba impi yayiqhube-
ka phakathi kwendlu kaSa-
wule nendlu kaDavide, u-Abhi-
neri[m] wayelokhu eqinisa isi-
khundla sakhe endlini kaSawu-
le. **7** USawule wayenesanci-
nza esigama laso kwakungu-
Rizpa,[n] indodakazi ka-Aya. Ka-
muva u-Ishi-bhosheti[o] wathi ku-
Abhineri: "Kungani ulale nesa-
ncinza sikababa?"[p] **8** U-Abhi-
neri wathukuthela kakhulu nge-
nxa yamazwi ka-Ishi-bhosheti
wathi: "Ingabe ngiyinja yakwa-
Juda yini? Kuze kube na-
muhla, bengilokhu ngiyibonisa
uthando oluqotho indlu kayihlo
uSawule kanye nabafowabo na-
bangani bakhe, angizange ngi-
kunikele esandleni sikaDavide;
nokho wena namuhla ungibeka
icala ngendaba yomuntu wesi-
fazane. **9** Kwangathi uNkulu-
nkulu angamjezisa kanzima
u-Abhineri, uma ngingenzi
kuDavide njengoba nje uJe-
hova afunga kuye:[a] **10** uku-
ba ngidlulise umbuso usuke
endlini kaSawule futhi ngimi-
se isihlalo sobukhosi sikaDavi-
de phezu kuka-Israyeli naphe-
zu kukaJuda, kusukela kwa-
Dani kuze kube seBheri-she-
ba."[b] **11** Akabange esakwazi
ukusho lutho olunye ku-Abhine-
ri ngoba wayemesaba.[c]

**12** Ngaso leso sikhathi
u-Abhineri wathumela izithu-
nywa kuDavide, wathi: "Li-
ngelikabani leli zwe?" Waneze-
la: "Yenza isivumelwano
nami, mina ngizokwenza ko-
nke okusemandleni ami*
ukuba ngiphendulele wonke
u-Israyeli ohlangothini lwa-
kho."[d] **13** Yena waphendula
wathi: "Kuhle! Ngizosenza isi-
vumelwano nawe. Yinye kuphe-
la into engiyicelayo kuwe, uku-
ba ungezi ukuzongibona nga-
phandle kokuba uqale ule-
the uMikhali[e] indodakazi kaSa-
wule kimi." **14** UDavide waye-
sethumela izithunywa ku-Ishi-
bhosheti,[f] indodana kaSawu-
le, wathi: "Nginike umkami
uMikhali engamlobola ngama-
jwabu amaFilisti angu-100."[g]
**15** Ngakho u-Ishi-bhosheti wa-
thumela izithunywa zayomla-
nda kumyeni wakhe, uPhaliti-

ISAHL. 2
a 2Sa 2:18; 1Kr 2:15, 16
b Gen 35:19; Rut 4:11; 1Sa 16:1
c 2Sa 2:1, 3; 1Kr 11:1

ISAHL. 3
d 1Sa 15:27, 28; 1Sa 24:17, 20; 1Sa 26:25
e 2Sa 2:17
f 1Kr 3:1-4
g 2Sa 13:1
h 1Sa 25:43
i 1Sa 25:42
j 2Sa 15:12
k 2Sa 13:37
l 1Kh 1:5
m 2Sa 2:8
n 2Sa 21:8-11
o 2Sa 2:10
p 2Sa 16:21; 1Kh 2:22

Uhla 2
a 1Sa 15:27, 28; Hu 78:70; Hu 89:20
b Hlu 20:1; 2Sa 24:2
c 2Sa 3:39
d 2Sa 5:3
e 1Sa 18:20; 1Sa 19:11; 1Kr 15:29
f 2Sa 2:10
g 1Sa 18:25, 27

**3:12** *NgesiHebheru, "bheka! isandla sami sinawe."

yeli[a] indodana kaLayishi.
**16** Kodwa umyeni wakhe wa-
yelokhu ehamba naye, ekhala
njengoba emlandela waze wa-
yofika eBhahurimi.[b] U-Abhine-
ri wayesethi kuPhalitiyeli: "Ha-
mba, buyela emuva!" Ngakho
wabuyela emuva.

**17** Phakathi naleso sikhathi,
u-Abhineri wathumela umyale-
zo emadodeni amadala akwa-
Israyeli, wathi kuwo: "Seku-
yisikhathi nifuna ukuba uDavi-
de abe yinkosi phezu kwenu.
**18** Manje thathani isinyathelo,
ngoba uJehova wathi kuDavide:
'Ngesandla senceku yami uDa-
vide[c] ngizosindisa abantu bami
u-Israyeli esandleni samaFilisti
nasesandleni sazo zonke izitha
zabo.'" **19** Ngemva kwalokho,
u-Abhineri wakhuluma naba-
ntu bakwaBhenjamini.[d] U-Abhi-
neri wahamba futhi wayokhulu-
ma noDavide ngasese eHe-
broni ukuze amtshele nga-
lokho u-Israyeli nayo yonke
indlu kaBhenjamini ababevu-
melane ngakho.

**20** Lapho u-Abhineri efi-
ka kuDavide eHebroni eka-
nye namadoda angu-20, uDa-
vide wamenzela idili u-Abhine-
ri namadoda ayekanye naye.
**21** U-Abhineri wayesethi ku-
Davide: "Mangihambe ngiyoqo-
qela ndawonye wonke u-Israye-
li enkosini yami, ukuze enze
isivumelwano nawe, bese uba
yinkosi phezu kwabo bonke
abantu."* Ngakho uDavide wa-
mdedela u-Abhineri wahamba
ngokuthula.

**22** Ngemva nje kwalokho,
kwafika izinceku zikaDavide zi-
hamba noJowabe zibuya uku-
yophanga, ziphethe impango
eningi. U-Abhineri wayesesu-
kile kuDavide eHebroni, ngo-
ba wayesemkhululile wahamba
ngokuthula. **23** Lapho uJo-
wabe[a] nalo lonke ibutho elali-
kanye naye befika, uJowabe
wabikelwa, kwathiwa: "U-Abhi-
neri[b] indodana kaNeri[c] ube-
fikile enkosini, yamdedela wa-
hamba ngokuthula." **24** Nga-
kho uJowabe wangena enko-
sini wathi: "Yini le oyenzile?
U-Abhineri ufikile kuwe. Ku-
ngani umdedelile waphunyu-
ka? **25** Umazi kahle u-Abhi-
neri indodana kaNeri. Ubeze-
le ukuzokukhohlisa nokuba azi
konke ngawe nangakho konke
okwenzayo."

**26** Ngakho uJowabe wasu-
ka kuDavide, wathumela izithu-
nywa ukuba zilandele u-Abhi-
neri, zamfica emthonjeni wase-
Sira zabuya naye; kodwa uDa-
vide wayengazi lutho ngako.
**27** Lapho u-Abhineri ebuye-
la eHebroni,[d] uJowabe wam-
chezukisela eceleni ngaphaka-
thi kwesango ukuze akhu-
lume naye ngasese. Nokho,
beselapho wamgwaza esiswi-
ni wafa;[e] lokhu wakwenza nge-
nxa yokuthi wabulala umfowa-
bo* u-Asaheli.[f] **28** Lapho ka-
muva uDavide ezwa ngakho,
wathi: "Mina nombuso wami
asinacala phambi kukaJehova
kuze kube phakade ngegazi[g]
lika-Abhineri indodana kaNeri.
**29** Kwangathi lingabuyela phe-
zu kwekhanda likaJowabe[h] na-
phezu kwawo wonke umnde-
ni kayise. Kwangathi endlini
kaJowabe kungahlale kunomu-
ntu ophuma ukungcola esi-
thweni sangasese[i] noma ono-
choko[j] noma osebenza ngendu-
ku yokuphotha* noma obulawa

ISAHL. 3
a 1Sa 25:44
b 2Sa 16:5; 1Kh 2:8
c 1Sa 13:14; 1Sa 15:27, 28; 1Sa 16:1, 13; Hu 89:3, 20; Hu 132:17; IzE 13:22
d 1Sa 10:20, 21; 1Kr 12:29

Uhla 2
a 2Sa 8:16
b 1Sa 14:50; 2Sa 2:8, 22
c 1Sa 14:51
d 2Sa 3:20
e 1Kh 2:5
f 2Sa 2:22, 23
g Gen 9:6; Eks 21:12; Num 35:33; Dut 21:9
h Hu 7:16; Hu 55:23; IzA 5:22
i Lev 15:2
j Lev 13:44; Num 5:2

**3:21** *Noma, "phezu kwakho konke umphefumulo wakho okufisayo."

**3:27** *NgesiHebheru, "ngenxa yegazi lomfowabo." **3:29** *Mhlawumbe ubhekisela endodeni ekhubazekile okudingeka yenze umsebenzi wabantu besifazane.

ngenkemba noma oswele
ukudla!"[a] **30** Ngakho uJowa-
be nomfowabo u-Abhishayi[b]
babulala u-Abhineri,[c] ngenxa
yokuthi wayebulale u-Asaheli
umfowabo empini[d] eGibheyoni.

**31** Ngemva kwalokho uDa-
vide wathi kuJowabe naku-
bo bonke abantu ababenaye:
"Klebhulani izingubo zenu ni-
bhince indwangu yesaka nilile-
le u-Abhineri." INkosi uDavide
nayo yayihamba ngemva kohla-
ka olwaluthwele isidumbu.
**32** U-Abhineri wangcwatshwa
eHebroni; inkosi yakhala ka-
khulu ethuneni lika-Abhineri,
nabo bonke abantu bakhala.
**33** Inkosi yahaya ingoma yoku-
lilela u-Abhineri yathi:

"Kungani u-Abhineri
efe ngendlela ehlazisa
kangaka?
**34** Izandla zakho bezinga-
boshiwe,
Nezinyawo zakho bezinga-
boshiwe.*
Ufe njengomuntu obulawe
yizigebengu."#[e]

Ngemva kwalokho bonke
abantu baphinda bamkhalela.

**35** Kamuva bonke abantu
beza kuDavide ukuzomnika isi-
nkwa sokumduduza* kusese-
mini, kodwa uDavide wafu-
nga wathi: "Kwangathi uNku-
lunkulu angangijezisa kanzima
uma ngingadla isinkwa nano-
ma yini enye ngaphambi ko-
kushona kwelanga!"[f] **36** Bo-
nke abantu bakubona okwa-
kwenzeka, futhi kwabajabuli-
sa. Njengazo zonke ezinye izi-
nto ezazenziwa yinkosi, nalo-
khu kwabajabulisa bonke aba-
ntu. **37** Ngakho bonke abantu
no-Israyeli wonke bazi ngalo-
lo suku ukuthi kwakungeyona
inkosi eyayiyale ukuba kubula-
we u-Abhineri indodana kaNe-
ri.[a] **38** Inkosi yathi ezincekwi-
ni zayo: "Anazi yini ukuthi kufe
isikhulu nomuntu omkhulu na-
muhla kwa-Israyeli?[b] **39** Na-
muhla ngibuthakathaka na-
kuba ngigcotshwe njengenko-
si,[c] futhi la madoda, amadoda-
na kaZeruya,[d] anonya kakhu-
lu.[e] Kwangathi uJehova anga-
buyisela umenzi wobubi ngobu-
bi bakhe."[f]

**4** Lapho u-Ishi-bhosheti[g] indo-
dana kaSawule ezwa uku-
thi u-Abhineri ufile eHebro-
ni,[h] waphela amandla* nawo
wonke ama-Israyeli akhathaze-
ka. **2** Kwakukhona amadoda
amabili ayehola amaviyo aba-
phangi ayengawendodana ka-
Sawule: igama lenye kwaku-
nguBhahana, enye kunguReka-
bi. Ayengamadodana kaRimoni
waseBheyeroti, wesizwe sakwa-
Bhenjamini. (Ngoba iBheyero-
ti[i] nalo lalibhekwa njengengxe-
nye yakwaBhenjamini. **3** Aba-
seBheyeroti babalekela eGitayi-
mi,[j] bayizakhamuzi zokufika
khona kuze kube namuhla.)

**4** UJonathani[k] indodana ka-
Sawule, wayenendodana ekhu-
bazekile ezinyaweni.[l] Yayine-
minyaka emihlanu ubudala la-
pho kufika umbiko ngoSawule
noJonathani uvela eJizreyeli,[m]
umzanyana* wayo wayithatha
wabaleka nayo, kodwa njengo-
ba ayebaleka ethukile, yawa ya-
khubazeka. Igama layo kwaku-
nguMefibhosheti.[n]

**5** Amadodana kaRimoni wa-
seBheyeroti, uRekabi noBhaha-
na, aya endlini ka-Ishi-bhoshe-
ti emini ilanga lishisa, njengo-

---

**3:34** *NgesiHebheru, "bezingafakiwe ithusi." #NgesiHebheru, "amadodana okungalungi." **3:35** *Noma, "isinkwa sokulila."

**4:1** *NgesiHebheru, "izandla zakhe zaba buthaka." **4:4** *Intombazane egada umntwana.

---

ISAHL. 3
a Dut 27:24; Hu 109:2, 10
b 2Sa 2:24
c 2Sa 2:8
d 2Sa 2:23
e 1Kh 2:31, 32
f Hlu 20:26

Uhla 2
a 2Sa 3:28; 1Kh 2:5
b 1Sa 14:50; 2Sa 2:8; 2Sa 3:12
c 2Sa 2:4
d 1Kr 2:15, 16
e 2Sa 19:13; 2Sa 20:10
f 2Sa 3:29; 1Kh 2:5, 34

ISAHL. 4
g 2Sa 2:8
h 2Sa 3:27
i Jos 9:17; Jos 18:21, 25
j Neh 11:31, 33
k 1Sa 20:16
l 2Sa 9:3
m 1Sa 29:1, 11
n 2Sa 9:13; 1Kr 8:34

ba ayesathathe isihlwathi sase-
mini. **6** Bangena endlini nje-
ngabantu abalande ukolweni,
base bemgwaza esiswini; nge-
mva kwalokho uRekabi no-
Bhahana[a] umfowabo babaleka.
**7** Ngesikhathi bengena endli-
ni, bamfica elele embhedeni
ekamelweni lakhe base bem-
gwaza bambulala, ngemva kwa-
lokho bamnquma ikhanda. Ba-
thatha ikhanda lakhe, baha-
mba ubusuku bonke ngom-
gwaqo oya e-Araba. **8** Ikha-
nda lika-Ishi-bhosheti[b] baliyi-
sa kuDavide eHebroni bafike
bathi enkosini: "Nali ikhanda
lika-Ishi-bhosheti indodana ka-
Sawule isitha sakho[c] esasifu-
na ukuphila kwakho.[d] Namuhla
uJehova uyiphindiselele inko-
si yami kuSawule nasenzalwe-
ni yakhe."

**9** Nokho, uDavide wabaphe-
ndula oRekabi noBhahana
umfowabo, amadodana kaRi-
moni waseBheyeroti, wathi
kubo: "Ngimfunge uJehova owa-
ngikhulula kukho konke ukuci-
ndezeleka,[e] **10** lapho umuntu
othile engibikela ethi, 'USawu-
le ufile,'[f] yena ecabanga uku-
thi ungilethele izindaba ezi-
nhle, ngambamba ngambula-
la[g] eZikilagi. Yilowo umvuzo
wesithunywa engamnika wona!
**11** Kakhulu kangakanani-ke la-
pho abantu ababi bebulele umu-
ntu olungile endlini yakhe phe-
zu kombhede wakhe! Akufane-
le yini ngilifune igazi lakhe eza-
ndleni zenu,[h] nginisuse emhla-
beni?" **12** Ngemva kwalokho
uDavide wayala izinsizwa uku-
ba zibabulale.[i] Zabanquma iza-
ndla nezinyawo, zase zibalengi-
sa[j] ngasechibini eHebroni. Ko-
dwa bathatha ikhanda lika-Ishi-
bhosheti balingcwaba ethuneni
lika-Abhineri eHebroni.

**5** Ngokuhamba kwesikhathi
zonke izizwe zakwa-Israye-
li zeza kuDavide eHebroni[a] za-
thi: "Siyizihlobo zakho ze-
gazi.*[b] **2** Ezikhathini ezedlule
lapho uSawule eseyinkosi ye-
thu, nguwe owawuhola u-Isra-
yeli emikhankasweni yakhe ye-
mpi.*[c] UJehova wathi kuwe:
'Uyokwelusa abantu bami
u-Israyeli, ube umholi phe-
zu kuka-Israyeli.'"[d] **3** Ngakho
wonke amadoda amadala
akwa-Israyeli eza enkosini eHe-
broni, iNkosi uDavide yenza isi-
vumelwano nawo[e] eHebroni
phambi kukaJehova. Ngemva
kwalokho amadoda amadala
agcoba uDavide waba inkosi
phezu kuka-Israyeli.[f]

**4** UDavide wayeneminyaka
engu-30 ubudala lapho eba yi-
nkosi, wabusa iminyaka engu-
40.[g] **5** EHebroni wabusa phe-
zu kukaJuda iminyaka eyi-
sikhombisa nezinyanga eziyi-
sithupha, eJerusalema[h] wa-
busa iminyaka engu-33 phezu
kwawo wonke u-Israyeli noJu-
da. **6** Inkosi namabutho ayo
baya eJerusalema beyolwa na-
maJebusi[i] ayehlala khona. Am-
klolodela uDavide athi: "Awu-
soze wangena lapha! Uzoxo-
shwa ngisho nayizimpumputhe
nezinyonga." Ayezitshela uku-
thi, 'UDavide akasoze angena
lapha.'[j] **7** Noma kunjalo, uDa-
vide wasithatha isigodlo sase-
Ziyoni, manje esesiyiDolobha
LikaDavide.[k] **8** Ngakho uDavi-
de wathi ngalolo suku: "Labo
abayohlasela amaJebusi kufa-
nele bangene ngomhubhe wa-
manzi ukuze babulale 'izinyo-
nga nezimpumputhe,' ezinga-
thandeki kuDavide!" Kungaleso

---

**5:1** *Noma, "Siyithambo lakho nenyama yakho." **5:2** *NgesiHebheru, "nguwe owawukhipha u-Israyeli nowawumngenisa."

ISAHL. 4
*a* 2Sa 4:2
*b* 2Sa 2:10
*c* 1Sa 18:28, 29
*d* 1Sa 18:10, 11; 1Sa 20:1, 33; 1Sa 23:15
*e* 1Sa 24:12; 1Sa 26:25; 2Sa 12:7; Hu 34:7
*f* 2Sa 1:2, 4
*g* 2Sa 1:13-15
*h* Gen 9:6; Eks 21:12; Num 35:16, 30
*i* Hu 55:23
*j* Dut 21:22

Uhla 2

ISAHL. 5
*a* 2Sa 2:1, 11; 1Kr 12:23
*b* 1Kr 11:1-3
*c* 1Sa 18:13; 1Sa 25:28
*d* Gen 49:10; 1Sa 16:1; 1Sa 25:30; 2Sa 6:21; 2Sa 7:8; 1Kr 28:4; Hu 78:71
*e* 2Kh 11:17
*f* 1Sa 16:13; 2Sa 2:4; IzE 13:22
*g* 1Kr 29:26, 27
*h* Gen 14:18
*i* Eks 23:23; Jos 15:63; Hlu 1:8, 21
*j* 1Kr 11:4-6
*k* 1Kh 2:10; Neh 12:37

sizathu kuthiwa: “Oyimpumpu-
the nolunyonga akasoze ange-
na endlini.” **9** UDavide wabe
esehlala esigodlweni, sabizwa*
ngokuthi iDolobha LikaDavide;
uDavide waqala ukwakha
izindonga nezinye izakhiwo ku-
sukela eNdundumeni#[a] kuye
nangaphakathi edolobheni.[b]
**10** UDavide wayelokhu eba
mkhulu,[c] uJehova uNkulunku-
lu wamabutho wayenaye.[d]

**11** UHiramu[e] inkosi yase-
Thire wathumela izithunywa
kuDavide kanye namapulangwe
omsedari[f] nababazi, nabase-
benza ngetshe ababezokwakha
izindonga, baqala ukwakhela
uDavide indlu.*[g] **12** UDavide
wayazi ukuthi uJehova waye-
mmise ngokuqinile njengenko-
si phezu kuka-Israyeli[h] noku-
thi wayewuphakamisile umbuso
wakhe[i] ngenxa yabantu baKhe
u-Israyeli.[j]

**13** Ngemva kokuba uDavi-
de esebuyile eHebroni wa-
zithathela ezinye izancinza[k]
nabafazi eJerusalema, uDa-
vide wazala amanye amado-
dana namadodakazi.[l] **14** Yila-
wa amagama amadodana
azalelwa wona eJerusalema:
UShamuwa, uShobabi, uNa-
thani,[m] uSolomoni,[n] **15** u-Ibha-
ri, u-Elishuwa, uNefegi, uJafiya,
**16** u-Elishama, u-Eliyada no-Eli-
feleti.

**17** Lapho amaFilisti ezwa
ukuthi uDavide ugcotshwe
waba inkosi phezu kuka-Israye-
li,[o] wonke amaFilisti akhu-
phuka ezofuna uDavide.[p] La-
pho uDavide ezwa ngakho,
wehlela endaweni yokucasha.[q]
**18** AmaFilisti afika agcwala
kuso sonke iSigodi* SamaRe-
fa.[a] **19** UDavide wabuza ku-
Jehova,[b] wathi: “Ngikhuphu-
ke yini ngiyokulwa namaFili-
sti? Uzowanikela yini esandle-
ni sami?” UJehova wathi kuDa-
vide: “Khuphuka, ngoba naka-
njani ngizowanikela amaFilisti
esandleni sakho.”[c] **20** Ngakho
uDavide waya eBhali-pherazi-
mi, wafika lapho wawabulala.
Ngenxa yalokho wathi: “UJeho-
va uhambe phambi kwami nje-
ngezikhukhula zamanzi wafi-
ke wazibhubhisa izitha zami.”[d]
Yingakho aqamba leyo nda-
wo ngokuthi iBhali-pherazi-
mi.*[e] **21** AmaFilisti azishiya
lapho izithixo zawo, uDavide
namadoda ayekanye naye bazi-
thatha.

**22** Kamuva amaFilisti aphi-
nda futhi akhuphuka afike
agcwala eSigodini* SamaRefa.[f]
**23** UDavide wabuza kuJeho-
va, kodwa uNkulunkulu wathi:
“Ungakhuphuki uqonde kuwo.
Kunalokho, zungeza uye nge-
mva kwawo, uwaqhamukele
phambi kwezihlahla zamabha-
kha. **24** Lapho uzwa umsi-
ndo wokumasha phezu kwe-
zihlahla zamabhakha, usheshe,
ngoba uJehova uyobe ephu-
me ngaphambi kwakho uku-
ze anqobe ibutho lamaFilisti.”
**25** Ngakho uDavide wenza nje-
ngoba nje uJehova ayemyali-
le, wawabulala amaFilisti[g] ku-
sukela eGeba[h] kuze kufike eGe-
zeri.[i]

**6** UDavide waphinde waqo-
qa wonke amasosha angco-
no kunawo wonke kwa-Israyeli,
amadoda angu-30 000. **2** Nge-
mva kwalokho uDavide nawo
wonke amadoda ayekanye naye
basuka baya eBhahale-juda be-
yolanda uMphongolo kaNkulu-

**ISAHL. 5**
- a 1Kh 9:15, 24; 1Kh 11:27; 2Kr 32:5
- b 1Kr 11:7-9
- c 1Sa 16:13; 2Sa 3:1
- d 1Sa 17:45
- e 1Kh 5:1, 8
- f 2Kr 2:3
- g 2Sa 7:2; 1Kr 14:1, 2
- h 2Sa 7:16; Hu 41:11; Hu 89:21
- i Hu 89:27
- j 1Kh 10:9; 2Kr 2:11
- k 2Sa 15:16
- l 1Kr 3:5-9; 1Kr 14:3-7
- m Luk 3:23, 31
- n 2Sa 12:24
- o 2Sa 5:3
- p Hu 2:2
- q 1Sa 22:1, 5; 1Sa 24:22; 2Sa 23:14; 1Kr 14:8

**Uhla 2**
- a Jos 15:8, 12; 1Kr 11:15; 1Kr 14:9
- b Num 27:21
- c 1Kr 14:10-12
- d 2Sa 22:41
- e Isay 28:21
- f Jos 15:8, 12; 1Kr 11:15; 1Kr 14:13-17
- g Lev 26:7
- h Jos 18:21, 24
- i Jos 16:10

**5:9** *Noma kungaba, “wasibiza ngokuthi.” #NgesiHebheru, “eMilo.” Okuyigama lesiHebheru elisho “ukugcwalisa.” **5:11** *Noma, “isigodlo.” **5:18** *Noma, “kulo lonke iThafa Eliphansi.”

**5:20** *Incazelo: “Umpetha Wokufohla.” **5:22** *Noma, “eThafeni Eliphansi.”

nkulu weqiniso,[a] lowo abantu
ababiza phambi kwawo igama
likaJehova wamabutho,[b] ohlezi
esihlalweni sobukhosi ngaphe-
zu* kwamakherubi.[c] **3** Nokho,
uMphongolo kaNkulunkulu we-
qiniso bawulayisha enqoleni
entsha,[d] ukuze bawuthuthe be-
wususa emzini ka-Abhinada-
ba[e] owawusegqumeni; u-Uza
no-Ahiyo, amadodana ka-Abhi-
nadaba, babehola le nqola
entsha.
**4** Ngakho bawuthutha
uMphongolo kaNkulunkulu we-
qiniso besuka nawo emzini ka-
Abhinadaba owawusegqume-
ni, u-Ahiyo wayehamba pha-
mbi koMphongolo. **5** UDavide
nayo yonke indlu ka-Israye-
li babegiya phambi kukaJeho-
va besebenzisa zonke izinhlo-
bo zezinto zomculo zokhu-
ni lomjunipha, amahabhu, ezi-
nye izinsimbi zomculo ezine-
zintambo,[f] amathamborini,[g] izi-
nsimbi zomculo ezikhencezayo
namasimbali.[h] **6** Kodwa lapho
befika esibuyeni sikaNakoni,
u-Uza welula isandla sakhe wa-
bamba uMphongolo kaNkulu-
nkulu weqiniso,[i] ngoba izinko-
mo zacishe zawuwisa. **7** Nge-
nxa yalokho uJehova wamthu-
kuthelela kakhulu u-Uza, uNku-
lunkulu weqiniso wambulala[j]
khona lapho ngenxa yesenzo
sakhe sokungabi nanhlonipho,[k]
wafela khona lapho eceleni
koMphongolo kaNkulunkulu
weqiniso. **8** Kodwa uDavide
wathukuthela* ngenxa yoku-
thi uJehova wayethukuthelele
u-Uza; leyo ndawo yabizwa ngo-
kuthi iPherezi-uza# kuze kube
namuhla. **9** Ngakho uDavide
wamesaba uJehova[l] ngalolo
suku, wathi: "UMphongolo ka-

**6:2** *Noma kungaba, "phakathi." **6:8** *Noma, "wadabuka." #Incazelo: "Ukufohla Uhlasele U-Uza."

**ISAHL. 6**
*a* 1Sa 7:2 1Kh 8:1 1Kr 13:1-5
*b* Dut 20:4 1Sa 1:3 1Kr 17:24
*c* Eks 25:22 1Sa 4:4 1Kr 13:6-11 Hu 80:1
*d* Eks 25:14 Num 7:9 Jos 3:14
*e* 1Sa 7:1
*f* 1Sa 10:5
*g* Eks 15:20
*h* Hu 150:3-5
*i* Num 4:15 1Kr 15:2
*j* Lev 10:1, 2 1Sa 6:19
*k* IzA 11:2
*l* 1Sa 6:20 Hu 119:120

**Uhla 2**
*a* 1Kr 13:12-14
*b* 2Sa 5:7
*c* 1Kr 15:25
*d* Gen 30:27 Gen 39:5
*e* 1Kr 15:25, 26 Hu 24:7 Hu 68:24
*f* Num 4:15 Num 7:9 Jos 3:3 1Kr 15:2, 15
*g* 1Kr 15:27, 28
*h* Eks 37:1 Hu 132:8
*i* 1Kr 15:16
*j* Hu 150:3
*k* 1Sa 14:49 1Sa 18:20, 27 2Sa 3:14
*l* 1Kr 15:29

Jehova ungeza kanjani nje
kimi?"[a] **10** UDavide wayenga-
sazimisele ukuletha uMpho-
ngolo kaJehova eDolobheni Li-
kaDavide[b] lapho ayehlala kho-
na. Kunalokho, uDavide wayala
ukuba uthathwe uyiswe emzini
ka-Obede-edomi[c] umGiti.
**11** UMphongolo kaJehova
wahlala endlini ka-Obede-edomi
umGiti izinyanga ezintathu,
uJehova wayelokhu embusi-
sa u-Obede-edomi nayo yonke
indlu yakhe.[d] **12** INkosi uDavi-
de yabikelwa, kwathiwa: "UJe-
hova uyibusisile indlu ka-
Obede-edomi nakho konke oku-
ngokwakhe ngenxa yoMpho-
ngolo kaNkulunkulu weqini-
so." Ngakho uDavide waha-
mba wayowulanda uMphongo-
lo kaNkulunkulu weqiniso endli-
ni ka-Obede-edomi wenyukela
nawo eDolobheni LikaDavide
ngenjabulo.[e] **13** Lapho ababe-
thwele[f] uMphongolo kaJeho-
va sebehambe amagxathu ayisi-
thupha, uDavide wahlaba inku-
nzi nethole elikhuluphele wenza
umhlatshelo.
**14** UDavide wayedansa pha-
mbi kukaJehova ngawo wo-
nke amandla akhe; sonke leso
sikhathi uDavide wayegqoke*
i-efodi lelineni.[g] **15** UDavide
nayo yonke indlu ka-Israye-
li babekhuphula uMphongo-
lo[h] kaJehova bememeza nge-
njabulo,[i] beshaya nopho-
ndo.[j] **16** Kodwa kwathi lapho
uMphongolo kaJehova ufika
eDolobheni LikaDavide, uMi-
khali indodakazi kaSawule,[k]
walunguza ngefasitela wabhe-
ka phansi wabona iNkosi
uDavide igxumagxuma idansa
phambi kukaJehova; wayese-
yidelela enhliziyweni yakhe.[l]
**17** Bawungenisa uMphongolo

**6:14** *NgesiHebheru, "wayebhince."

kaJehova bawubeka endaweni yawo ngaphakathi etendeni uDavide ayeligxumekele wona.[a] Ngemva kwalokho uDavide wanikela iminikelo eshiswayo[b] nemihlatshelo ehlanganyelwayo[c] phambi kukaJehova.[d] **18** Lapho uDavide eseqedile ukunikela iminikelo eshiswayo nemihlatshelo ehlanganyelwayo, wabusisa abantu egameni likaJehova wamabutho. **19** Ngaphezu kwalokho, wabela bonke abantu, sonke isixuku sakwa-Israyeli, wonke amadoda nabesifazane, isinkwa esiyindilinga, ikhekhe lamasundu nekhekhe lamagilebhisi omisiwe, ngemva kwalokho bonke abantu bahamba, yilowo nalowo waya emzini wakhe.

**20** Lapho uDavide ebuya ukuze abusise indlu yakhe, uMikhali indodakazi kaSawule,[e] waphuma wayomhlangabeza. Wathi: “Yeka ukuthi inkosi yakwa-Israyeli izehlise isithunzi kanjani namuhla lapho izihlazisa phambi kwamehlo ezincekukazi zezikhulu zayo, njengalapho umuntu ongenangqondo ezihlazisa obala!”[f] **21** UDavide wamphendula uMikhali wathi: “Bengigiya phambi kukaJehova, owakhetha mina esikhundleni sikayihlo nayo yonke indlu yakhe, nowamisa mina njengomholi phezu kwabantu bakaJehova, u-Israyeli.[g] Ngakho ngizogiya phambi kukaJehova. **22** Ngizozehlisa ngisho nangaphezu kwalokhu, futhi ngizozibheka njengomuntukazana. Kodwa lezi zincekukazi okhuluma ngazo zizongidumisa.” **23** Ngakho, uMikhali indodakazi kaSawule,[h] akabanga nabantwana kwaze kwaba usuku lokufa kwakhe.

ISAHL. 6
a 1Kr 15:1
b Lev 1:3
c Lev 3:1
d 1Kr 16:1-3
e 1Sa 18:27
f Eks 22:28
g 1Sa 13:13, 14; 1Sa 15:27, 28; 1Sa 16:1, 12
h 1Sa 14:49; 2Sa 6:16

Uhla 2

ISAHL. 7
a 1Kr 17:1
b 2Sa 12:1; 1Kr 29:29
c 2Sa 5:11
d 2Sa 6:17
e 1Kh 8:17; 1Kr 17:2; 1Kr 22:7
f 1Kh 5:3; 1Kh 8:17-19; 1Kr 17:4-6; 1Kr 22:7, 8
g Jos 18:1
h Eks 40:18, 34
i 1Sa 16:11
j 2Sa 5:2; 1Kr 17:7-10; 1Kr 28:4; Hu 78:70, 71
k 1Sa 18:14; 2Sa 5:10
l 2Sa 22:1; Hu 18:37
m 1Kr 14:2, 17

**7** Lapho inkosi isizinzile emzini wayo,*[a] uJehova eseyiphumuzile kuzo zonke izitha zayo nxazonke, **2** inkosi yathi kuNathani[b] umprofethi: “Mina ngihlala endlini yemisedari[c] kuyilapho uMphongolo kaNkulunkulu weqiniso uhleli etendeni.”[d] **3** UNathani wathi enkosini: “Hamba wenze noma yini esenhliziyweni yakho, ngoba uJehova unawe.”[e]

**4** Ngabo kanye lobo busuku izwi likaJehova lafika kuNathani, lathi: **5** “Hamba uthi encekwini yami uDavide, ‘Yilokhu uJehova akushoyo: “Ingabe kufanele ungakhele indlu yokuhlala?[f] **6** Ngoba angizange ngihlale endlini kusukela ngosuku engakhipha ngalo ama-Israyeli eGibhithe kuze kube namuhla,[g] kodwa bengilokhu ngisuka lapha ngiye laphaya* ngisetendeni nasetabernakele.[h] **7** Phakathi naso sonke isikhathi engangihamba ngaso nama-Israyeli,* kukhona yini engake ngakusho kunoma ubani ezinhlokweni zezizwe zakwa-Israyeli engammisa ukuba eluse abantu bami u-Israyeli, ngathi, ‘Kungani ungangakhelanga indlu yemisedari?’”’ **8** Manje khuluma nenceku yami uDavide uthi, ‘Yilokhu uJehova wamabutho akushoyo: “Ngakuthatha emadlelweni ulandela umhlambi wezimvu[i] ukuze ube umholi wabantu bami u-Israyeli.[j] **9** Ngizoba nawe nomaphi lapho uya khona,[k] ngizoziqeda* zonke izitha zakho phambi kwakho;[l] ngizokwenza igama lakho libe likhulu[m] njengegama

**7:1** *Noma, “esigodlweni sayo.” **7:6** *NgesiHebheru, “bengilokhu ngihamba.” **7:7** *NgesiHebheru, “namadodana ka-Israyeli.” **7:9** *NgesiHebheru, “ngizozinquma.”

labantu abayizikhulu emhlabe-
ni. **10** Ngizokhethela abantu
bami u-Israyeli indawo ngiba-
hlalise kuyo, bazohlala khona
bangaphinde baphazanyiswe.
Abantu ababi ngeke baphinde
babahluphe njengasesikhathini
esidlule,[a] **11** kusukela ngosu-
ku engabeka ngalo abahluleli[b]
phezu kwabantu bami u-Isra-
yeli. Ngizokuphumuza kuzo zo-
nke izitha zakho.[c]

"'"UJehova ukutshelile no-
kuthi uJehova uzokwakhe-
la indlu.*[d] **12** Lapho izinsu-
ku zakho seziphelile,[e] wena
usungcwatshwe kanye nokho-
kho bakho, ngiyobe sengivusa
inzalo* yakho ngemva kwakho,
indodana yakho uqobo,# ngiyo-
wumisa uqine umbuso wayo.[f]
**13** Yiyo eyokwakhela igama
lami indlu,[g] ngiyosimisa siqi-
ne isihlalo sobukhosi sombu-
so wayo kuze kube phaka-
de.[h] **14** Ngiyoba uyise, yona
ibe yindodana yami.[i] Lapho ye-
nza okungalungile, ngiyoyiya-
la ngenduku yabantu nange-
mivimbo yamadodana abantu.*[j]
**15** Uthando lwami oluqotho
ngeke lususwe kuyo ngendle-
la engalususa ngayo kuSawu-
le,[k] engamsusa phambi kwa-
kho. **16** Indlu yakho nombuso
wakho kuyohlale kukhona pha-
mbi kwakho kuze kube phaka-
de; isihlalo sakho sobukhosi si-
yoma siqine kuze kube phaka-
de."'"[l]

**17** UNathani watshela uDa-
vide wonke la mazwi nawo wo-
nke lo mbono.[m]

**18** INkosi uDavide yangena
yahlala phansi phambi ku-
kaJehova, yathi: "Nkosi Engu-
Mbusi Jehova, ngibe nginguba-
bani mina? Ube uyini nje
umndeni wami ukuba unga-
ze ungenzele zonke lezi zi-
nto?[a] **19** Njengokungathi lo-
khu akwanele, Nkosi Engu-
Mbusi Jehova, uphinde ukhu-
lume ngendlu yenceku yakho
kuze kufike esikhathini esiza-
yo esikude; futhi akekho kuso
sonke isintu ozokushintsha lo-
khu, Nkosi EnguMbusi Jehova.
**20** Yini enye inceku yakho
uDavide engayisho kuwe, Nko-
si EnguMbusi Jehova, njengoba
wena ungazi kahle kangaka?[b]
**21** Ngenxa yezwi lakho nango-
kuvumelana nenhliziyo yakho*
wenze zonke lezi zinto ezi-
nkulu, watshela nenceku yakho
ngazo.[c] **22** Yingakho umkhu-
lu ngempela[d] Nkosi EnguMbu-
si Jehova. Akekho onjengawe,[e]
akukho Nkulunkulu ngapha-
ndle kwakho;[f] konke esikuzwe
ngezindlebe zethu kuyakufaka-
zela lokhu. **23** Yisiphi esinye
isizwe emhlabeni esinjengaba-
ntu bakho u-Israyeli?[g] UNkulu-
nkulu wahamba wasikhulula
ukuze sibe abantu bakhe,[h] wa-
zenzela igama[i] ngokusenzela
izinto ezinkulu nezimangalisa-
yo.[j] Waxosha izizwe nonkulu-
nkulu bazo ngenxa yabantu ba-
kho owazikhululela bona eGi-
bhithe. **24** Wenza abantu ba-
kho u-Israyeli baba yisizwe sa-
kho phakade;[k] wena Jehova,
waba uNkulunkulu wabo.[l]

**25** "Manje, Jehova Nkulu-
nkulu, sigcine kuze kube phaka-
de isithembiso osenzile ngoku-
phathelene nenceku yakho ne-
ndlu yayo, kwangathi unge-
nza njengoba nje uthembisile.[m]
**26** Kwangathi igama lakho li-
ngaphakanyiswa kuze kube
phakade,[n] ukuze abantu bathi,

---

**7:11** *Noma, "uzokwenza amakhosi avele endlini yakho." **7:12** *NgesiHebheru, "imbewu." #NgesiHebheru, "leyo ezophuma ngaphakathi kuwe." **7:14** *Noma kungaba, "ka-Adamu."

**7:21** *Noma, "nangokuvumelana nentando yakho."

---

ISAHL. 7

*a* Hlu 2:14; Hu 89:20, 22
*b* Hlu 2:16
*c* Dut 25:19
*d* 1Kh 2:24; Hu 89:4
*e* 1Kh 2:1
*f* Gen 49:10; 1Kh 8:20; 1Kr 17:11-14; Hu 132:11; Isay 9:7; Isay 11:1; Mat 21:9; Mat 22:42; Luk 1:32, 33; Joh 7:42; IzE 2:30
*g* 1Kh 5:5; 1Kh 6:12; Zak 6:12, 13
*h* 1Kh 1:37; 1Kr 22:10; 1Kr 28:7; Hu 89:4, 36
*i* 1Kr 28:6; Mat 3:17; Heb 1:5
*j* Hu 89:30, 32; Jer 52:3
*k* 1Sa 15:23, 26
*l* Hu 45:6; Hu 89:36; Dan 2:44; Heb 1:8; IsA 11:15
*m* 1Kr 17:15

Uhla 2

*a* 1Kr 17:16-22
*b* 1Sa 16:7; Hu 17:3
*c* Hu 25:14
*d* Dut 3:24; 1Kr 16:25
*e* Eks 15:11; Hu 83:18
*f* Dut 4:35
*g* Dut 4:7; Hu 147:19, 20
*h* Eks 3:8; Eks 19:5; Isay 63:9
*i* Eks 9:16
*j* Dut 10:21
*k* Dut 26:18
*l* Eks 15:2
*m* 1Kr 17:23-27; Hu 89:20, 28
*n* 1Kr 29:11; Hu 72:19; Mat 6:9; Joh 12:28

‘UJehova wamabutho unguNku-
lunkulu phezu kuka-Israyeli,’ fu-
thi kwangathi indlu yenceku ya-
kho uDavide ingama iqine pha-
mbi kwakho.[a] **27** Ngoba wena
Jehova wamabutho, Nkulunku-
lu ka-Israyeli, uyazisile inceku
yakho, wathi kuyo, ‘Ngizokwa-
khela indlu.’*[b] Yingakho inceku
yakho inesibindi# sokuthanda-
za lo mthandazo kuwe. **28** Ma-
nje Nkosi EnguMbusi Jehova,
wena unguNkulunkulu weqini-
so, amazwi akho ayiqiniso,[c]
uthembise inceku yakho lezi zi-
nto ezinhle. **29** Ngakho kwa-
ngathi kungakujabulisa ukubu-
sisa indlu yenceku yakho, kwa-
ngathi ingahlale iphambi kwa-
kho kuze kube phakade;[d] ngoba
wena, Nkosi EnguMbusi Jeho-
va, uthembisile, ngenxa yesibu-
siso sakho kwangathi indlu ye-
nceku yakho ingabusiswa kuze
kube phakade.”[e]

**8** Kamuva, uDavide walwa na-
maFilisti[f] wawanqoba,[g] uDa-
vide wathatha iMethegi-ama
esandleni samaFilisti.

**2** Wanqoba abakwaMowabi[h]
wabalalisa phansi emhlabathi-
ni, wabeka intambo yokuka-
la phezu kwabo. Wakala imi-
gqa emibili yabantu ababezobu-
lawa, nomugqa owodwa ogcwe-
le wabantu ababengeke babula-
we.[i] AbakwaMowabi baba yizi-
nceku zikaDavide, bakhokha
intela.[j]

**3** UDavide wanqoba uHada-
dezeri indodana kaRehobe
inkosi yaseZoba[k] njengoba aye-
sendleleni eyovuselela igunya
lakhe eMfuleni i-Ewufrathe.[l]
**4** UDavide wathumba abagibe-
li bakhe bamahhashi abangu-
1 700 namasosha ahamba nge-
zinyawo angu-20 000. UDavi-
de wabe esewanquma imisi-
pha wonke amahhashi ezinqo-
la zempi,[a] washiya angu-100 ku-
phela.

**5** Lapho amaSiriya aseDa-
maseku[b] efika ezosiza uHada-
dezeri inkosi yaseZoba, uDa-
vide wabulala amaSiriya angu-
22 000.[c] **6** Ngemva kwalokho,
uDavide wabeka ibutho lama-
sosha eSiriya laseDamaseku,
amaSiriya aba yizinceku zika-
Davide, akhokha intela. UJe-
hova wasiza uDavide wanqoba*
nomaphi lapho ayeya khona.[d]
**7** Ngaphezu kwalokho, uDavi-
de wathatha amahawu egolide
ayindilinga ezincekwini zika-
Hadadezeri wawaletha eJeru-
salema.[e] **8** INkosi uDavide ya-
thatha ithusi eliningi kakhulu
eBhetha naseBherothayi, ama-
dolobha kaHadadezeri.

**9** Manje uThoyi inkosi yase-
Hamati[f] wezwa ukuthi uDavide
wayelinqobe lonke ibutho lempi
likaHadadezeri.[g] **10** Ngakho
uThoyi wathumela uJoramu
indodana yakhe eNkosini uDa-
vide ukuba ayobuza ngenhlala-
kahle yayo nokuba ayihalalisele
ngokuthi yayilwe noHadadeze-
ri yamnqoba (ngoba uHadade-
zeri weyevame ukulwa noTho-
yi), futhi wafika nezinto zesili-
va, izinto zegolide nezinto ze-
thusi. **11** INkosi uDavide yazi-
ngcwelisela uJehova lezi zinto,
kanye nesiliva negolide eyayili-
ngcwelisile livela kuzo zonke
izizwe eyayizinqobile:[h] **12** eli-
vela eSiriya nakwaMowabi,[i] eli-
vela kuma-Amoni, kumaFilisti,[j]
kuma-Amaleki[k] nelivela empa-
ngweni kaHadadezeri[l] indoda-
na kaRehobe inkosi yaseZoba.
**13** UDavide wazakhela udu-
mo nalapho ebuya ukuyobula-

**ISAHL. 7**
[a] Isay 9:7; Jer 33:22
[b] 2Sa 7:11
[c] Num 23:19; Hu 89:35; Hu 132:11; Joh 17:17
[d] Hu 89:20, 36; Hu 132:12
[e] 2Sa 22:51; Hu 72:17

**ISAHL. 8**
[f] Jos 13:2, 3; 2Sa 21:15
[g] 1Kr 18:1
[h] Num 24:17; Hlu 3:29; 1Sa 14:47; Hu 60:8
[i] Dut 23:3-6
[j] 2Kh 3:4; 1Kr 18:2
[k] 2Sa 10:6; 1Kh 11:23; Hu 60:0
[l] Gen 15:18; Eks 23:31; 1Kh 4:21; 1Kr 18:3, 4

**Uhla 2**
[a] Dut 17:16; Hu 20:7; Hu 33:17
[b] Isay 7:8
[c] 1Kr 18:5, 6
[d] Dut 7:24; 2Sa 8:14
[e] 1Kr 18:7, 8
[f] 2Kh 14:28
[g] 1Kr 18:9-11
[h] Jos 6:19; 1Kh 7:51; 1Kr 22:14; 1Kr 26:27
[i] 2Sa 8:2
[j] 2Sa 8:1
[k] 1Sa 30:18
[l] 2Sa 8:7

**7:27** *Noma, “Ngizokwenza amakhosi avele endlini yakho.” #NgesiHebheru, “ithole inhliziyo.”

**8:6** *Noma, “wanika uDavide insindiso.”

la abakwa-Edomi abangu-18 000
eSigodini Sikasawoti.[a] **14** Wa-
beka amabutho azoqapha kwa-
Edomi. Kulo lonke elakwa-Edo-
mi wabeka amabutho azoqa-
pha, bonke abakwa-Edomi baba
yizinceku zikaDavide.[b] UJehova
wasiza uDavide wanqoba* no-
maphi lapho ayeya khona.[c]

**15** UDavide waqhubeka ebu-
sa phezu kwawo wonke u-Isra-
yeli,[d] ebusa bonke abantu ba-
khe[e] ngobulungisa nangoku-
lunga.[f] **16** UJowabe[g] indoda-
na kaZeruya wayephethe ibu-
tho, uJehoshafati[h] indodana
ka-Ahiludi engumgcini-mibha-
lo. **17** UZadoki[i] indodana ka-
Ahithubi no-Ahimeleki indoda-
na ka-Abhiyathara babenga-
bapristi; uSeraya engunobhala.
**18** UBhenaya[j] indodana kaJe-
hoyada wayengamele amaKhe-
reti namaPheleti.[k] Amadoda-
na kaDavide ayeyizikhulu ezive-
lele.*

**9** UDavide wabe esethi: “Inga-
be ukhona osasele endli-
ni kaSawule engingambonisa
uthando oluqotho ngenxa ka-
Jonathani?”[l] **2** Manje kwaku-
nenceku yendlu kaSawule ega-
ma layo linguZiba. Ngakho ba-
yibizela kuDavide, inkosi ya-
thi kuyo: “Ingabe uwena uZi-
ba?”[m] Yona yaphendula yathi:
“Ngiyinceku yakho.” **3** Inkosi
yaqhubeka yathi: “Ingabe use-
khona osasele endlini kaSawu-
le engingambonisa uthando lu-
kaNkulunkulu oluqotho?” UZi-
ba waphendula wathi enkosi-
ni: “Ikhona indodana eyodwa
kaJonathani; ikhubazekile kuzo
zombili izinyawo.”[n] **4** Inkosi
yathi kuye: “Ikuphi?” UZiba
wathi enkosini: “Isemzini ka-
Makiri[a] indodana ka-Amiyeli,
eLo-debari.”

**5** Ngokushesha iNkosi uDavi-
de yathumela ukuba iyolandwa
emzini kaMakiri indodana ka-
Amiyeli, eLo-debari. **6** Lapho
uMefibhosheti indodana kaJo-
nathani indodana kaSawule efi-
ka kuDavide, ngaso leso sikha-
thi waguqa wakhothama. UDa-
vide wabe esethi: “Mefibho-
sheti!” yena wathi: “Yebo nkosi
yami.” **7** UDavide wathi kuye:
“Ungesabi, ngoba nakanjani
ngizokubonisa uthando oluqo-
tho[b] ngenxa kaJonathani uyi-
hlo, ngizobuyisela kuwe yonke
indawo kamkhulu wakho uSa-
wule, wena uzodla* etafuleni
lami njalo.”[c]

**8** Lapho ezwa lokho wakho-
thama wathi: “Iyini nje inceku
yakho ukuba unake* inja efile[d]
njengami?” **9** Inkosi yabe isi-
thumela ukuba kubizwe uZi-
ba, isikhonzi sikaSawule, ya-
thi kuye: “Yonke into ebinge-
kaSawule nayo yonke indlu ya-
khe ngiyinika umzukulu we-
nkosi yakho.[e] **10** Uzomlimela
amasimu akhe—wena namado-
dana akho nezinceku zakho—
uzovuna isivuno sawo ukuze
umndeni womzukulu wenkosi
yakho uthole ukudla ozokudla.
Kodwa uMefibhosheti umzuku-
lu wenkosi yakho, uzodla eta-
fuleni lami njalo.”[f]
UZiba wayenamadodana
angu-15 nezinceku ezingu-
20.[g] **11** UZiba wathi enkosi-
ni: “Inceku yakho izokwenza ko-
nke lokho inkosi yami eya-
la inceku yayo ukuba ikwe-
nze.” Ngakho uMefibhosheti wa-
dla etafuleni likaDavide* nje-
ngenye yamadodana enkosi.

ISAHL. 8
a 1Kr 18:12, 13 Hu 60:0
b Gen 25:23, 26 Gen 27:29, 37 Num 24:18
c Hu 60:12
d 2Sa 5:3, 5
e 1Kr 18:14-17
f 1Kh 3:6
g 2Sa 20:23 1Kr 11:6
h 2Sa 20:24 1Kh 4:3
i 2Sa 15:27 1Kr 6:8 1Kr 24:3
j 2Sa 23:20 1Kh 1:44 1Kh 2:35
k 2Sa 15:18 2Sa 20:7

ISAHL. 9
l 1Sa 18:1, 3 1Sa 20:15, 42
m 2Sa 16:1 2Sa 19:17
n 2Sa 4:4 2Sa 9:13 2Sa 19:26

Uhla 2
a 2Sa 17:27-29
b IzA 11:17
c 2Sa 19:28 IzA 11:25
d 1Sa 24:14
e 2Sa 9:1 2Sa 16:4 2Sa 19:29
f 2Sa 19:28
g 2Sa 19:17

**8:14** *Noma, “wanika uDavide insindiso.” **8:18** *NgesiHebheru, “ayengabapristi.”

**9:7** *NgesiHebheru, “uzodla isinkwa.” **9:8** *NgesiHebheru, “ukuba uphendulele ubuso bakho.” **9:11** *Noma kungaba, “lami.”

**12** UMefibhosheti wayenendo-
dana esencane, igama layo kwa-
kunguMikha.[a] Bonke ababehla-
la endlini kaZiba baba yizince-
ku zikaMefibhosheti. **13** UMe-
fibhosheti wayehlala eJerusale-
ma, ngoba wayedla etafuleni
lenkosi njalo;[b] wayekhubazekile
kuzo zombili izinyawo.[c]

**10** Kamuva inkosi yama-
Amoni[d] yashona, uHanuni
indodana yayo wabusa esikhu-
ndleni sayo.[e] **2** UDavide wathi:
“Ngizombonisa uthando oluqo-
tho uHanuni indodana kaNaha-
shi, njengoba nje uyise angibo-
nisa uthando oluqotho.” Ngakho
uDavide wathumela izinceku za-
khe ukuba ziyomduduza ngenxa
yokushona kukayise. Kodwa la-
pho izinceku zikaDavide zifi-
ka ezweni lama-Amoni, **3** izi-
khulu zama-Amoni zathi kuHa-
nuni inkosi yazo: “Ucabanga
ukuthi uDavide udumisa uyihlo
ngokuthumela abantu abazoku-
duduza? Akukhona yini ukuthi
uDavide uthumele izinceku za-
khe kuwe ukuze zenze uphe-
nyo edolobheni, zilihlole ukuze
aligumbuqele?” **4** Ngakho uHa-
nuni wathatha izinceku zikaDa-
vide wazishefa ingxenye ye-
ntshebe,[f] wasika izingubo zazo
ukusuka ezinqeni kwehle, wa-
yesezidedela zahamba. **5** La-
pho uDavide etshelwa ngalo-
khu, ngaso leso sikhathi wathu-
mela amadoda ukuba ayozihla-
ngabeza, ngoba zazilulazeke ka-
khulu; inkosi yathi kuzo: “Hlala-
ni eJeriko[g] zize zikhule izintshe-
be zenu, bese niyabuya.”

**6** Ngokuhamba kwesikhathi
ama-Amoni abona ukuthi uDa-
vide wayesewazonda, ngakho
ama-Amoni athumela izi-
thunywa zayoqasha amaSiri-
ya aseBheti-rehobe[h] namaSiri-
ya aseZoba,[i] amasosha ahamba
ngezinyawo angu-20 000; ne-
nkosi yaseMahakha[a] namadoda
angu-1 000; namadoda angu-12
000 ase-Ishithobi.*[b] **7** Lapho
uDavide ezwa ngalokho, wathu-
mela uJowabe nalo lonke ibu-
tho kanye namaqhawe akhe
anamandla.[c] **8** Ama-Amoni
aphuma alungela impi phambi
kwesango ledolobha, kuyila-
pho amaSiriya aseZoba nawa-
seRehobe kanye nabase-Ishi-
thobi* nabaseMahakha bebo-
dwa esigangeni.

**9** Lapho uJowabe ebona
ukuthi impi yayimqhamuke-
la ngaphambili nangemuva,
wakhetha abathile emasoshe-
ni angamaqhawe kwa-Israyeli,
wabahlela ukuba bayolwa na-
maSiriya.[d] **10** Wonke amanye
amadoda wawabeka ngapha-
nsi* kuka-Abhishayi umfowa-
bo,[e] ukuze awahlelele uku-
yolwa nama-Amoni.[f] **11** Wabe
esethi: “Uma amaSiriya engi-
donsisa kanzima, kumele uze
uzongisiza; kodwa uma ama-
Amoni ekudonsisa kanzima,
ngizoza ngizokusiza. **12** Ku-
mele siqine sibe nesibindi[g] nge-
nxa yabantu bakithi nange-
nxa yamadolobha kaNkulunku-
lu wethu, uJehova uzokwenza
okuhle emehlweni akhe.”[h]

**13** UJowabe namadoda aye-
kanye naye basondela balwa
namaSiriya, amaSiriya amba-
lekela.[i] **14** Lapho ama-Amoni
ebona ukuthi amaSiriya abale-
kile, nawo ambalekela u-Abhi-
shayi angena edolobheni. Nge-
mva kokulwa nabakwa-Amoni,
uJowabe weza eJerusalema.

**15** Lapho amaSiriya ebo-
na ukuthi u-Israyeli uwahlulile,
aphinde abuthana ukuze alwe.[j]
**16** Ngakho uHadadezeri[k] wa-

---

**10:6** *Noma, “eThobi.” **10:8** *Noma, “namadoda aseThobi.” **10:10** *Ngesi-Hebheru, “esandleni.”

ISAHL. 9
a 1Kr 8:34; 1Kr 9:40
b 2Sa 9:7; 2Sa 19:28
c 2Sa 4:4

ISAHL. 10
d Gen 19:36, 38; Hlu 10:7; Hlu 11:12, 33; 1Sa 11:1
e 1Kr 19:1-5
f Lev 19:27
g Jos 18:21
h Num 13:21
i 2Sa 8:5

Uhla 2
a Jos 13:13
b 1Kr 19:6, 7
c 2Sa 23:8; 1Kr 19:8, 9
d 1Kr 19:10-13
e 1Sa 26:6; 2Sa 2:18; 2Sa 23:18; 1Kr 2:15, 16
f Num 21:24
g Dut 31:6
h Hu 37:5; Hu 44:5; IzA 29:25
i 1Kr 19:14, 15
j 1Kr 19:16
k 2Sa 8:3-5

thumela izithunywa zayolanda amaSiriya ayehlala ngaseMfuleni,*[a] eza eHelamu kanye noShobaki induna yebutho likaHadadezeri owayewahola.

17 Lapho uDavide ethola umbiko, ngokushesha wahlanganisa wonke u-Israyeli wawela iJordani waya eHelamu. AmaSiriya alungela impi ukuze abhekane noDavide, alwa naye.[b] 18 Kodwa amaSiriya ambalekela u-Israyeli; uDavide wabulala abashayeli bezinqola abangu-700 nabagibeli bamahhashi bamaSiriya abangu-40 000, wabulala uShobaki induna yebutho lawo, wafela khona lapho.[c] 19 Lapho wonke amakhosi, izinceku zikaHadadezeri, ebona ukuthi u-Israyeli uwahlulile, ngokushesha enza ukuthula no-Israyeli aba ngaphansi kwakhe;[d] amaSiriya ayesesaba ukuphinde asize ama-Amoni.

**11** Ekuqaleni konyaka,* ngesikhathi amakhosi aya ngaso emikhankasweni yempi, uDavide wathumela uJowabe nezinceku zakhe nalo lonke ibutho lakwa-Israyeli ukuba bayoqothula ama-Amoni, futhi bavimbezela iRaba[e] ngesikhathi uDavide ehleli eJerusalema.[f]

2 Ngolunye usuku kusihlwa,* uDavide wavuka embhedeni wakhe wahambahamba phezu kwendlu# yenkosi. Njengoba ephezu kwendlu wabona owesifazane egeza, lona wesifazane wayemuhle kakhulu. 3 UDavide wathumela othile ukuba ayobuza ngalona wesifazane, lo muntu wayesembikela wathi: "Lona nguBhati-sheba[a] indodakazi ka-Eliyamu,[b] umka-Uriya[c] umHeti."[d] 4 UDavide wathumela izithunywa ukuba ziyomlanda.[e] Ngakho weza kuye, uDavide walala naye.[f] (Lokhu kwenzeka ngesikhathi lona wesifazane esazihlanza ekungcoleni kwakhe.*)[g] Ngemva kwalokho, wabuyela endlini yakhe.

5 Owesifazane wakhulelwa, wathumela umyalezo kuDavide wathi: "Ngikhulelwe." 6 Lapho ezwa lokho, uDavide wathumela umyalezo kuJowabe, wathi: "Thumela u-Uriya umHeti lapha kimi." Ngakho uJowabe wamthumela u-Uriya kuDavide. 7 Lapho u-Uriya efika kuye, uDavide wambuza ukuthi uJowabe wayeqhuba kanjani, ukuthi ibutho lona laliqhuba kanjani nokuthi impi yayihamba kanjani. 8 Ngemva kwalokho uDavide wathi ku-Uriya: "Hamba uye emzini wakho uyophumula."* Lapho u-Uriya esuka endlini yenkosi, inkosi yamthumelela isipho.# 9 Nokho, u-Uriya walala endlini eseduze kwendlu yenkosi kanye nazo zonke ezinye izinceku zenkosi yakhe, akayanga emzini wakhe. 10 Ngakho bambikela uDavide, bathi: "U-Uriya akazange aye emzini wakhe." UDavide wathi ku-Uriya: "Ubusohambweni, akunjalo? Pho kungani ungehlelanga emzini wakho?" 11 U-Uriya waphendula wathi kuDavide: "UMphongolo[h] kanye no-Israyeli noJuda bahleli ematendeni, inkosi yami uJowabe nezinceku zenkosi yami

**ISAHL. 10**
a Gen 15:18; Eks 23:31
b 1Kr 19:17-19
c Dut 20:1; Hu 18:37, 38
d Gen 15:18; Dut 20:10, 11

**ISAHL. 11**
e 2Sa 12:26
f 1Kr 20:1

**Uhla 2**
a 2Sa 12:24; 1Kh 1:11
b 1Kr 3:5, 9
c 2Sa 23:8, 39; 1Kh 15:5
d Gen 10:15; Dut 20:17
e Eks 20:14, 17
f Lev 18:20; Lev 20:10; IzA 6:32; Heb 13:4
g Lev 12:2; Lev 15:19; Lev 18:19
h 2Sa 6:17; 2Sa 7:2

**10:16** *Okuwukuthi, i-Ewufrathe. **11:1** *Okuwukuthi, entwasahlobo. **11:2** *Noma, "Ngenye intambama." #Noma, "kwesigodlo."

**11:4** *Cishe ekungcoleni kwakhe kokuya esikhathini. **11:8** *NgesiHebheru, "uyogeza izinyawo zakho." #Noma, "isabelo senkosi," okuwukuthi, isabelo esithunyelwa ngumuntu ovakashelwe esinika isivakashi sakhe esihloniphekile.

bahleli esigangeni. Manje ingabe mina kufanele ngiye emzini wami ngiyodla ngiphuze, ngilale nomkami?[a] Ngiyafunga phambi kwakho, njengoba nje uphila, ngeke ngiyenze into enjalo!”

**12** UDavide wathi ku-Uriya: “Hlala lapha nanamuhla, kusasa ngizokudedela uhambe.” Ngakho u-Uriya wahlala eJerusalema ngalolo suku nangosuku olulandelayo. **13** UDavide wathumela ukuba abizwe azodla futhi aphuze naye, ngakho wamphuzisa waze wadakwa. Noma kunjalo, kusihlwa waphuma wayolala embhedeni wakhe kanye nezinceku zenkosi yakhe, akayanga emzini wakhe. **14** Ekuseni uDavide wabhalela uJowabe incwadi wayiphathisa u-Uriya ukuba ahambe nayo. **15** Encwadini wabhala wathi: “Beka u-Uriya ngaphambili lapho impi ishisa khona. Ngemva kwalokho nibaleke nimshiye, ukuze abulawe.”[b]

**16** UJowabe wayelibheke ngokucophelela idolobha, ngakho wabeka u-Uriya endaweni ayeyazi ukuthi inamadoda angamaqhawe. **17** Lapho amadoda edolobha ephuma ezolwa noJowabe, ezinye izinceku zikaDavide zafa, no-Uriya umHeti wayephakathi kwalabo abafa.[c] **18** UJowabe wabe esebikela uDavide zonke izindaba eziphathelene nempi. **19** Wayala isithunywa, wathi: “Lapho uqeda ukubikela inkosi zonke izindaba zempi, **20** inkosi ingase ithukuthele bese ithi kuwe, ‘Nisondeleleni kangaka edolobheni niyolwa? Beningazi yini ukuthi bazocibishela bephezulu odongeni? **21** Ubani owabulala u-Abhimeleki[d] indodana kaJerubhesheti?[e] Akuyena yini owesifazane owajikijela phezu kwakhe imbokodo* ephezulu odongeni, wambulala eThebezi? Nisondeleleni kakhulu odongeni?’ Wena ubothi, ‘Inceku yakho u-Uriya umHeti nayo ifile.’ ”

**22** Ngakho isithunywa sahamba safike samtshela uDavide konke uJowabe ayesithume kona. **23** Isithunywa sathi kuDavide: “Amadoda akhona abe namandla kunathi, aphumile alwa nathi esigangeni; kodwa siwashayile ahlehla aze ayofika phambi kwesango ledolobha. **24** Abacibishelayo bacibishele izinceku zakho bephezulu odongeni, ezinye zezinceku zenkosi zifile; nenceku yakho u-Uriya umHeti ifile.”[a] **25** UDavide waphendula isithunywa wathi: “Yilokhu ozokusho kuJowabe: ‘Le ndaba mayingakukhathazi, ngoba inkemba ayikhethi. Yilwa ngamandla nalelo dolobha ulinqobe.’[b] Umkhuthaze.”

**26** Lapho umka-Uriya ezwa ukuthi umyeni wakhe u-Uriya ufile, wamlilela umyeni wakhe. **27** Ngokushesha nje lapho isidlulile inkathi yokulila, uDavide wathumela ukuba alandwe wamletha endlini yakhe, waba ngumkakhe,[c] wamzalela indodana. Kodwa le nto uDavide ayeyenzile yamcasula kakhulu* uJehova.[d]

**12** Ngakho uJehova wathumela uNathani[e] kuDavide. Wafika kuye[f] wathi: “Kwakukhona amadoda amabili kwelinye idolobha, enye yayicebile enye ihlupheka.* **2** Indoda ecebile yayinezimvu nezinkomo eziningi kakhulu;[g] **3** kodwa indoda ehlupheka-

ISAHL. 11
a Lev 15:16; 1Sa 21:5
b Hu 51:14; IzA 3:29
c 2Sa 12:9
d Hlu 9:50-53
e Hlu 6:32; Hlu 7:1

Uhla 2
a 2Sa 11:17
b 2Sa 12:26
c 2Sa 5:13; 2Sa 12:9
d Gen 39:7-9; 1Kh 15:5; Hu 5:6; Hu 11:4; Heb 13:4

ISAHL. 12
e 1Kh 1:8; 1Kr 17:1; 1Kr 29:29
f Hu 51:0
g 2Sa 5:13; 2Sa 15:16

---

**11:21** *Noma, “itshe lokugaya.” **11:27** *NgesiHebheru, “yayiyimbi emehlweni.” **12:1** *Noma, “impofu.”

yo yayingenalutho ngaphandle
kwewundlu elilodwa lensikazi,
elincane, eyayilithengile.[a] Yayi-
linakekela, likhulela phambi
kwayo namadodana ayo. La-
lidla ukudla okuncane eya-
yinako, liphuza enkomishini
yayo, lilala esifubeni sayo.
Laba njengendodakazi kuyo.
**4** Ngemva kwesikhathi indo-
da ecebile yafikelwa yisivaka-
shi, kodwa ayizange ithathe
ezimvwini nasezinkomeni zayo
ukuze yenzele isihambi esasifi-
ke kuyo ukudla. Kunalokho, ya-
thatha leliya wundlu lendoda
ehluphekayo yaliphekela isiva-
kashi esasifikile."[b]

**5** Lapho ezwa lokhu uDa-
vide wayithukuthelela kakhulu
leyo ndoda, wathi kuNathani:
"Ngimfunge uJehova,[c] le ndo-
da eyenze le nto kufanele ife!
**6** Kufanele ikhokhe amawu-
ndlu amane esikhundleni salo,[d]
ngenxa yale nto eyenzile na-
ngenxa yokuthi ayizange ilu-
bonise uzwela."

**7** UNathani wathi kuDavi-
de: "Nguwe leyo ndoda! Yilo-
khu uJehova uNkulunkulu ka-
Israyeli akushoyo: 'Mina uqobo
ngakugcoba ukuba ube yinko-
si phezu kuka-Israyeli,[e] nga-
kukhulula esandleni sikaSawu-
le.[f] **8** Ngakunika indlu yenko-
si yakho[g] nabafazi benkosi ya-
kho,[h] ngakunika nendlu ka-
Israyeli nekaJuda.[i] Uma kuwu-
kuthi lokho bekungenele, be-
ngizimisele ukukwenzela nezi-
nye izinto.[j] **9** Kungani ude-
lele izwi likaJehova ngokwe-
nza okubi emehlweni akhe?
U-Uriya umHeti umbulale nge-
nkemba![k] Ngemva kokumbu-
lala ngenkemba yama-Amo-
ni,[l] uthathe umkakhe waba
ngumkakho.[m] **10** Manje inke-
mba ayisoze yasuka endlini ya-
kho,[n] ngenxa yokuthi ungi-
delelile ngokuthatha umka-Uri-
ya umHeti wamenza umkakho.'
**11** Yilokhu uJehova akushoyo,
'Ngikulethela inhlekelele eve-
la khona kanye endlini yakho;[a]
ngizothatha abafazi bakho pha-
mbi kwamehlo akho ngiba-
nike omunye umuntu,*[b] uyolala
nabo emini bebade.#[c] **12** Na-
kuba le nto wena uyenze ekusi-
thekeni,[d] mina ngizoyenza pha-
mbi kwawo wonke u-Israyeli
emini libalele.' "*

**13** UDavide wathi kuNatha-
ni: "Ngonile kuJehova."[e] UNa-
thani wamphendula uDavide
wathi: "UJehova naye uyasi-
thethelela isono sakho.*[f] Ngeke
ufe.[g] **14** Noma kunjalo, nge-
nxa yokuthi umdelele ingcaca
uJehova kule ndaba, indoda-
na osanda kuzalelwa yona izo-
fa nakanjani."

**15** Ngemva kwalokho uNa-
thani wabuyela emzini wakhe.

UJehova wabangela umntwa-
na umka-Uriya ayemzalele uDa-
vide ukuba agule. **16** UDavi-
de wancenga uNkulunkulu we-
qiniso ngenxa yomfana. UDa-
vide wazila ukudla ngokuphele-
le, wangena ekamelweni lakhe
walala phansi ubusuku bonke.[h]
**17** Ngakho amadoda amadala
endlu yakhe aya kuye azama
ukumncenga ukuba avuke pha-
nsi, kodwa akavumanga fu-
thi akayanga ukuyodla nawo.
**18** Ngosuku lwesikhombisa um-
ntwana wafa, kodwa izinceku
zikaDavide zazesaba ukumtshe-
la ukuthi umntwana usefile. Za-
thi: "Ngesikhathi umntwana
esaphila sikhulumile naye, ko-
dwa akasilalelanga. Pho singam-
tshela kanjani ukuthi umntwana

---

**12:11** *Noma, "ngibanike umuntu wakini." #NgesiHebheru, "emehlweni aleli langa." **12:12** *NgesiHebheru, "phambi kwelanga." **12:13** *Noma, "uyasidlulisa isono sakho."

---

ISAHL. 12
a 2Sa 11:3
b 2Sa 11:4
c Dut 6:13
d Eks 22:1
e 1Sa 16:13; 2Sa 7:8
f 1Sa 18:10, 11; 1Sa 19:10; 1Sa 23:14
g 1Sa 13:13, 14; 1Sa 15:26, 28
h 2Sa 3:7; 1Kh 2:22
i 2Sa 2:4; 2Sa 5:5
j 2Sa 7:19
k Eks 20:13
l 2Sa 11:15, 27
m Eks 20:14, 17
n Num 14:18; 2Sa 13:32; 2Sa 18:33; Gal 6:7

Uhla 2
a 2Sa 12:15, 19; 2Sa 13:10-15; 2Sa 15:14
b Eks 21:24; Job 31:9-11; Job 34:11
c 2Sa 16:21, 22
d 2Sa 11:4, 15
e Gen 39:9; Hu 32:5; Hu 38:3; Hu 51:0, 4; IzA 28:13
f Eks 34:6; Hu 32:1
g Lev 20:10; Hu 103:10
h 2Sa 12:22; Jon 3:8, 9

usefile? Angase enze into embi
kakhulu."
**19** Lapho uDavide eqaphe-
la ukuthi izinceku zakhe zazi-
hlebelana, wavele wabona uku-
thi umntwana usefile. UDa-
vide wathi ezincekwini zakhe:
"Useshonile yini umntwana?"
Zaphendula zathi: "Useshoni-
le." **20** Ngakho uDavide wasu-
kuma phansi. Wageza wagco-
ba amafutha,[a] washintsha izi-
ngubo zakhe waya endlini[b] ka-
Jehova wafike wakhuleka. Nge-
mva kwalokho, waya endlini*
yakhe wacela ukuba bamlethe-
le ukudla, wadla. **21** Izinceku
zakhe zambuza zathi: "Kunga-
ni wenze ngale ndlela? Ngesi-
khathi umntwana esaphila uzi-
le ukudla wakhala; kodwa ngo-
kushesha nje lapho umntwa-
na eseshonile, uvukile wadla."
**22** Waphendula wathi: "La-
pho umntwana esaphila ngizile
ukudla[c] ngakhala, ngoba bengi-
zitshela ukuthi, 'Ubani owaziyo
ukuthi uJehova angase angibo-
nise yini umusa, umntwana
aphile?'[d] **23** Manje njengoba
eseshonile, kungani kufanele
ngizile ukudla? Ngingambuyi-
sa yini?[e] Ngolunye usuku nami
ngizofa,[f] kodwa yena ngeke
ngikwazi ukumvusa."[g]
**24** UDavide waduduza
uBhati-sheba umkakhe.[h] Waya
kuye walala naye. Ngemva kwe-
sikhathi wazala indodana, ba-
yiqamba ngokuthi uSolomoni.*[i]
UJehova wayithanda,[j] **25** wa-
thumela uNathani[k] umprofethi
ukuba ayiqambe ngokuthi uJe-
didiya,* ngoba uJehova wayeyi-
thanda.
**26** UJowabe waqhubeka
elwa neRaba[l] lama-Amoni,[m] wa-
lithatha idolobha lasebukhosi-
ni.*[a] **27** Ngakho uJowabe wa-
thumela izithunywa kuDavide
wathi: "Ngilwile neRaba,[b] ngali-
thatha idolobha lamanzi.*
**28** Manje butha wonke amanye
amasosha ulivimbezele idolobha
ulithathe. Ngaphandle kwalo-
kho lizothathwa yimi, bese kuba
yimi othola udumo ngalo."*
**29** Ngakho uDavide waqo-
qa wonke amasosha wahamba
waya eRaba wafike walwa nalo
walithatha. **30** Ngemva kwa-
lokho wathatha umqhele kaMa-
lkamu* owawusekhanda lakhe,
isisindo sawo siyithalenta# le-
golide, unamatshe ayigugu, wa-
bekwa ekhanda likaDavide. Wa-
thatha nempahla eningi[c] kulelo
dolobha.[d] **31** Wakhipha aba-
ntu ababekulo, wabanika umse-
benzi wokusika amatshe nowo-
kusebenza ngamathuluzi abu-
khali ensimbi nangezimbazo
zensimbi, nowokwenza izitini.
Yilokho akwenza kuwo wonke
amadolobha ama-Amoni. Eku-
gcineni uDavide nawo wonke
amasosha babuyela eJerusa-
lema.

**13** Manje u-Absalomu indo-
dana kaDavide, wayeno-
dadewabo omuhle ogama la-
khe kunguThamari,[e] u-Amno-
ni indodana kaDavide[f] wam-
thanda. **2** U-Amnoni wayeci-
ndezeleke kakhulu kangango-
kuthi wagula ngenxa kaThama-
ri udadewabo, ngoba wayeyi-
ntombi nto, futhi kwakubona-
kala kungenakwenzeka ukuba
u-Amnoni enze utho kuye.

ISAHL. 12
a Rut 3:3; 2Sa 14:2
b 2Sa 6:17
c 2Sa 12:16; Jow 1:14
d Isay 38:3, 5; Jow 2:13, 14; Amo 5:15; Jon 3:8, 9
e Shu 9:6
f Job 30:23; Shu 3:20; IzE 2:29, 34; IzE 13:36
g Shu 9:5, 10
h 2Sa 11:3
i 1Kr 3:5, 9; 1Kr 22:9; 1Kr 28:5; Mat 1:6
j 2Sa 7:12; 1Kr 29:1
k 2Sa 7:4, 5; 2Sa 12:1; 1Kh 1:8
l Dut 3:11; Jos 13:24, 25
m Dut 23:3, 6

Uhla 2
a 2Sa 11:25; 1Kr 20:1
b 2Sa 11:1
c 2Sa 8:11, 12
d 1Kr 20:2, 3

ISAHL. 13
e 1Kr 3:9
f 2Sa 3:2

**12:20** *Noma, "esigodlweni." **12:24** *Lisuselwa egameni lesiHebheru elisho "Ukuthula." **12:25** *Incazelo: "Othandwa NguJah." **12:26** *Noma, "idolobha lombuso." **12:27** *Cishe lokhu kubhekisela emithonjeni yamanzi yedolobha. **12:28** *NgesiHebheru, "bese libizwa ngegama lami." **12:30** *Cishe isithixo sakwa-Amoni, esibuye sibizwe ngokuthi uMoleki noma uMilkomu. #Ithalenta lalingu-34,2 kg. Bheka iSithasiselo B14.

**3** Manje u-Amnoni wayenom-
ngani ogama lakhe kwakungu-
Jehonadaba[a] indodana kaShi-
meyahi[b] umfowabo kaDavide;
uJehonadaba wayeyindoda eyi-
qili kakhulu. **4** Ngakho wathi
kuye: "Ndodana yenkosi, ku-
ngani uhlale udangele usuku
nosuku? Ngitshele." U-Amnoni
wamphendula wathi: "Ngiyafa
uthando ngoThamari udadewa-
bo[c] ka-Absalomu umfowethu."
**5** UJehonadaba wathi kuye:
"Lala embhedeni wakho uzi-
shaye ogulayo. Lapho uyihlo
eza ezokubona, kufanele uthi
kuye, 'Ngicela kuze uThamari
udadewethu angenzele ukudla.
Uma engenzela ukudla okuni-
kwa umuntu ogulayo* phambi
kwamehlo ami, anginike kona
ngizokudla.' "

**6** Ngakho u-Amnoni wala-
la phansi wazishaya ogula-
yo, inkosi yangena izombo-
na. U-Amnoni wathi enkosi-
ni: "Ngicela kuze uThamari
udadewethu abhake amakhe-
khe amabili amise okwenhlizi-
yo phambi kwamehlo ami, bese
enginika wona ukuze ngidle."
**7** UDavide wabe esethumela
umyalezo kuThamari endlini,
wathi: "Ngicela uye endlini ka-
Amnoni umfowenu uyomenze-
la ukudla."* **8** Ngakho uTha-
mari waya endlini ka-Amnoni
umfowabo, lapho ayelele kho-
na. Wathatha inhlama yokwe-
nza amakhekhe wayixova wa-
wabhaka phambi kuka-Amno-
ni. **9** Ngemva kwalokho wa-
khipha amakhekhe epanini wa-
mnika wona. Kodwa u-Amnoni
wenqaba ukudla wathi: "Tshe-
la wonke umuntu ukuba aphu-
me!" Ngakho bonke abantu ba-
phuma.

**13:5, 7, 10** *Noma, "isinkwa sendudu-
zo."

**ISAHL. 13**
*a* 2Sa 13:35
*b* 1Sa 16:9
1Kr 2:13
*c* Lev 18:9
Lev 20:17

**Uhla 2**
*a* Lev 18:9, 29
Lev 20:17
Dut 27:22
*b* Gen 34:2, 7
Hlu 20:5, 6

**10** U-Amnoni wayesethi ku-
Thamari: "Kulethe lapha eka-
melweni ukudla* ukuze ngi-
dle." Ngakho uThamari wa-
wathatha amakhekhe amise
okwenhliziyo ayewenzile, wa-
waletha ku-Amnoni umfowabo
ekamelweni. **11** Lapho ewale-
tha kuye ukuze adle, wamba-
mba wathi kuye: "Woza ulale
nami, dadewethu." **12** Kodwa
uThamari wathi kuye: "Hha-
yi, mfowethu! Musa ukungi-
lulaza, ngoba ayenziwa le nto
kwa-Israyeli.[a] Musa ukwenza
into eyihlazo kanje.[b] **13** Ngi-
zophila kanjani nehlazo elinje?
Wena uzoba njengomunye wa-
madoda angenangqondo kwa-
Israyeli. Manje ngicela ukhulu-
me nenkosi, ngoba ngeke iku-
godlele mina." **14** Kodwa aka-
mlalelanga, wasebenzisa ama-
ndla wamdlwengula. **15** Nge-
mva kwalokho, u-Amnoni wa-
qala ukumzonda ngenzondo
enkulu kakhulu, kangango-
kuba inzondo ayesemzonda
ngayo yayinkulu kunothando
ayemthande ngalo. U-Amnoni
wathi kuye: "Vuka uhambe!"
**16** Yena wathi: "Cha, mfowe-
thu, ngoba ukungixosha manje
kubi kakhulu kunalokhu oku-
nye okwenze kimi!" Kodwa we-
nqaba ukumlalela.

**17** Ngakho wabiza isikhonzi
sakhe esisesincane wathi: "Ngi-
cela ususe lo muntu phambi
kwami, uhluthulele umnyango
uma esephumile." **18** (Manje
wayegqoke ingubo yekhethe-
lo,* ngoba yilezo izingubo eza-
zigqokwa amadodakazi enko-
si ayizintombi nto.) Ngakho
isikhonzi sakhe samhola sam-
khiphela phandle sahluthule-
la umnyango lapho esephumile.
**19** UThamari wathela umlotha

**13:18** *Noma, "ehlotshisiwe."

ekhanda lakhe,[a] waklebhula
ingubo enhle ayeyigqokile; wa-
thwala izandla ekhanda waha-
mba, ehamba ekhala.
**20** Lapho ebona lokhu
u-Absalomu umfowabo[b] wa-
thi kuye: “Ingabe ngu-Amno-
ni umfowenu obenawe? Manje
dadewethu, thula. Ungumfowe-
nu.[c] Ungayibeki inhliziyo ya-
kho kule ndaba.” Ngakho uTha-
mari wahlala endlini ka-Absa-
lomu umfowabo, engahlanga-
ni nabanye abantu. **21** Lapho
iNkosi uDavide izwa ngazo zo-
nke lezi zinto, yathukuthe-
la kakhulu.[d] Kodwa yayingafu-
ni ukumphatha kabi u-Amno-
ni indodana yayo, ngoba yayim-
thanda ngenxa yokuthi waye-
yizibulo layo. **22** U-Absalomu
akashongo lutho ku-Amnoni,
olubi noma oluhle; u-Absalomu
wayemzonda[e] u-Amnoni nge-
nxa yokuthi wayelulaze udade-
wabo uThamari.[f]
**23** Ngemva kweminyaka
emibili egcwele, u-Absalomu
wayenabantu ababemgundela
izimvu eBhali-hazori, eduze na-
kwa-Efrayimi,[g] u-Absalomu wa-
mema wonke amadodana enko-
si.[h] **24** Ngakho u-Absalomu
wangena enkosini wathi: “Ince-
ku yakho igunda izimvu! Ngice-
la inkosi nezinceku zayo baha-
mbe nami.” **25** Kodwa inkosi
yathi ku-Absalomu: “Cha, ndo-
dana yami. Uma sihamba so-
nke, sizoba umthwalo kuwe.”
Nakuba ayelokhu eyincenga,
ayivumanga ukuhamba kodwa
yambusisa. **26** U-Absalomu
wabe esethi: “Uma wena unge-
ke uhambe, ngicela uvumele
umfowethu u-Amnoni ahambe
nathi.”[i] Inkosi yamphendula ya-
thi: “Kungani kufanele ahambe
nawe?” **27** Kodwa u-Absalo-
mu wayincenga, ngakho yavu-
ma ukuba u-Amnoni nawo wo-
nke amadodana enkosi baha-
mbe naye.
**28** U-Absalomu wayala izi-
khonzi zakhe, wathi: “Nivu-
le amehlo, lapho inhliziyo ka-
Amnoni isijabule ngenxa ye-
wayini, ngizothi kini, ‘Bula-
lani u-Amnoni!’ Kuyomelwe ni-
mbulale. Ningesabi. Akumina
yini oniyalile? Qinani nibe ne-
sibindi.” **29** Ngakho izikhonzi
zika-Absalomu zenza ku-Amno-
ni njengoba nje u-Absalomu
ayeyalile; wonke amanye ama-
dodana enkosi asukuma, yile-
yo naleyo yagibela umnyuzi
wayo, abaleka. **30** Lapho ese-
sendleleni kwafika umbiko ku-
Davide, kwathiwa: “U-Absalo-
mu uwabulale wonke amadoda-
na enkosi, akusalanga ngisho
neyodwa.” **31** Lapho izwa lo-
kho inkosi yasukuma yaklebhu-
la izingubo zayo yalala pha-
nsi, zonke izinceku zayo zazimi
eduze kwayo izingubo zazo zi-
klebhukile.
**32** Nokho, uJehonadaba[a]
indodana kaShimeyahi[b] umfo-
wabo kaDavide, wathi: “Inko-
si mayingacabangi ukuthi ba-
wabulale wonke amadodana
enkosi, ngoba ngu-Amnoni ye-
dwa ofile.[c] Lokhu kwenzeke
ngomyalo ka-Absalomu, owa-
nquma ukwenza le nto[d] kusu-
kela ngosuku u-Amnoni alulaza
ngalo uThamari[e] udadewabo.[f]
**33** Manje inkosi yami mayinga-
wunaki* lo mbiko othi, ‘Wonke
amadodana enkosi afile’; ngu-
Amnoni kuphela ofile.”
**34** Phakathi naleso sikhathi
u-Absalomu wabaleka.[g] Kamu-
va umlindi waphakamisa ame-
hlo akhe wabona abantu aba-
ningi beqhamuka ngomgwa-
qo ongemva kwakhe ogudla

13:33 *NgesiHebheru, “mayingawufaki enhliziyweni yayo.”

ISAHL. 13
a Jos 7:6; Est 4:1; Jer 6:26
b 2Sa 3:3; 2Sa 13:1
c Lev 18:9; Dut 27:22
d IzA 19:13
e IzA 18:19
f Gen 34:7
g Joh 11:54
h 1Kh 1:9, 19
i Hu 55:21; IzA 10:18; IzA 26:24-26

Uhla 2
a 2Sa 13:3
b 1Sa 16:9; 1Kr 2:13
c 2Sa 12:10
d Gen 27:41; Hu 7:14; IzA 18:19
e 2Sa 13:12-14
f Lev 18:9, 29
g 2Sa 13:38

intaba. **35** UJehonadaba[a] wa-
thi enkosini: "Bheka! Nawa
amadodana enkosi ebuya. Ku-
njengoba nje inceku yakho ishi-
lo." **36** Lapho nje eqeda uku-
khuluma, amadodana enkosi
angena, ekhala ebangalasa;
ngisho nenkosi nazo zonke izi-
nceku zayo bakhala kalusi-
zi. **37** Kepha u-Absalomu wa-
baleka waya kuTalimayi[b] indo-
dana ka-Amihudi inkosi yase-
Geshuri. UDavide wayililela isi-
khathi eside indodana yakhe.
**38** Ngemva kokuba u-Absalo-
mu ebalekele eGeshuri,[c] wahla-
la khona iminyaka emithathu.

**39** Ekugcineni iNkosi uDavi-
de yalangazelela ukuya ku-
Absalomu, ngoba yayisixoli-
le* ngendaba yokufa kuka-
Amnoni.

**14** Manje uJowabe indoda-
na kaZeruya[d] wezwa uku-
thi inkosi yayisimkhumbule ka-
khulu* u-Absalomu.[e] **2** Nga-
kho uJowabe wathumela eThe-
khowa[f] ukuba kulandwe owesi-
fazane okhaliphile wathi kuye:
"Ngicela uzenze umuntu ososi-
zini lokufelwa, ugqoke izingu-
bo zokulila, ungazigcobi nga-
mafutha.[g] Zenze owesifazane
oselile isikhathi eside elilela
umuntu ofile. **3** Ngemva kwa-
lokho hamba uye enkosini ufi-
ke ukhulume nayo kanje." Nga-
kho uJowabe wamtshela lokho
okufanele akusho.*

**4** Owesifazane waseThe-
khowa wangena enkosini wa-
guqa wakhothama, wathi: "O
nkosi, ngisize!" **5** Inkosi yathi
kuye: "Kwenzenjani?" Wayiphe-
ndula wathi: "Empeleni ngingu-
mfelokazi; umyeni wami wa-
shona. **6** Mina ncekukazi ya-
kho benginamadodana amabili,
womabili alwa lapho esendle.
Kwakungekho muntu ozowala-
mula, enye yahlasela enye ya-
yibulala. **7** Manje wonke um-
ndeni umelene nami, incekuka-
zi yakho, uthi, 'Letha lo muntu
obulale umfowabo, ukuze si-
mbulale ngenxa yokuphila ko-
mfowabo ambulele,[a] ngisho
noma ngabe lokho kusho uku-
bhuqa indlalifa!' Bazocisha ila-
hle lokugcina elilokozayo engi-
sele nalo,* balesule igama lo-
myeni wami kanye nenzalo ya-
khe kulo mhlaba."

**8** Inkosi yathi kowesifazane:
"Buyela ekhaya, mina ngizokhi-
pha umyalo ngokuqondene
nawe." **9** Owesifazane wase-
Thekhowa wayiphendula inko-
si wathi: "Nkosi yami, ica-
la malibe kimi nasendlini kaba-
ba, kuyilapho inkosi imsulwa
kanjalo nesihlalo sayo sobu-
khosi." **10** Inkosi yathi: "Uma
kukhona osho okuthile kuwe,
umlethe kimi, ngeke aphi-
nde akukhathaze." **11** Kodwa
owesifazane wathi: "Ngicela
inkosi ikhumbule uJehova
uNkulunkulu wakho, ukuze
umuntu ophindiselela umufi*[b]
angabangeli umonakalo, abula-
le indodana yami." Yamphendu-
la yathi: "Ngimfunge uJehova,[c]
akukho nolulodwa unwele lwe-
ndodana yakho oluzowela em-
hlabathini." **12** Lona wesifa-
zane wayesethi: "Ngicela uvu-
mele incekukazi yakho ikhulu-
me izwi enkosini yami." Nga-
kho yathi: "Khuluma!"

**13** Owesifazane wathi: "Pho
kungani ucabange ukwe-
nza into enjengale kuba-
ntu bakaNkulunkulu?[d] Lapho

ISAHL. 13
a 2Sa 13:3
b 2Sa 3:3
c Dut 3:14; Jos 12:4, 5; 2Sa 14:23

ISAHL. 14
d 2Sa 2:18; 1Kr 2:15, 16
e 2Sa 13:39; 2Sa 18:33; 2Sa 19:2
f 2Kr 11:5, 6; 2Kr 20:20; Amo 1:1
g Shu 9:8; Dan 10:3

Uhla 2
a Num 35:19; Dut 19:11, 12
b Num 35:19, 27; Dut 19:6
c Dut 6:13; Shu 8:4
d Eks 19:5; Num 6:27

---

**13:39** *Noma, "yayisiduduzekile." **14:1** *NgesiHebheru, "inhliziyo yenkosi yayilangazelela." **14:3** *Noma, "wamfunza amazwi emlonyeni."

**14:7** *Okuwukuthi, ithemba lokugcina lokuba nenzalo. **14:11** *Noma, "umphindiseli wegazi."

inkosi ikhuluma ngale ndlela,
izilahla ngecala, ngoba inkosi
ayiyibuyisi indodana yayo edi-
ngisiwe.[a] **14** Nakanjani sizo-
fa sibe njengamanzi achithwa
emhlabathini, angenakuphinde
atholakale. Kodwa uNkulunku-
lu ngeke akususe ukuphila, ke-
pha ucabanga izizathu zokuthi
kungani odingisiwe kungafane-
le ahlale edingisiwe. **15** Ngi-
ze enkosini yami ngazosho lo-
khu ngenxa yokuthi abantu ba-
ngesabisile. Ngakho incekukazi
yakho ithe, 'Ngicela ukukhulu-
ma nenkosi. Mhlawumbe inko-
si izothatha isinyathelo nge-
nxa yesicelo sesigqila sayo.
**16** Inkosi ingase ilalele bese
ikhulula isigqila sayo esandle-
ni somuntu ofuna ukungibhu-
qa kanye nendodana yami oku-
wukuphela kwayo, efeni esili-
nikwe uNkulunkulu.'[b] **17** Nga-
kho incekukazi yakho ithe,
'Kwangathi izwi lenkosi yami li-
nganginika impumuzo,' ngo-
ba inkosi yami injengengelosi
kaNkulunkulu weqiniso ngo-
kukwazi ukuhlukanisa phaka-
thi kokuhle nokubi. Kwangathi
uJehova uNkulunkulu wakho
angaba nawe."

**18** Inkosi yathi kowesifaza-
ne: "Ngicela ungangifihleli lu-
tho engikubuza lona." Owesi-
fazane wathi: "Ngicela inkosi
yami ikhulume." **19** Inkosi
yabe isibuza yathi: "Inga-
be nguJowabe okwenzise yo-
nke le nto?"[c] Owesifazane wa-
phendula wathi: "Ngiyafunga
kuwe nkosi yami, kunjengoba
nje inkosi yami isho,* ngoba yi-
nceku yakho uJowabe engiya-
lile, yafunza incekukazi yakho
wonke la mazwi. **20** UJowa-
be inceku yakho wenze le nto
ukuze enze izinto zibonakale
ngenye indlela, kodwa inkosi
yami ihlakaniphe njengengelo-
si kaNkulunkulu weqiniso futhi
ikwazi konke okwenzeka ezwe-
ni."

**21** Ngemva kwalokho inko-
si yathi kuJowabe: "Kulungi-
le, ngizokwenza lokho.[a] Hamba
uyoyilanda insizwa u-Absalo-
mu."[b] **22** UJowabe waguqa
wakhothama, wayibusisa inko-
si. UJowabe wathi: "Namu-
hla inceku yakho iyazi uku-
thi ngithole umusa emehlweni
akho, nkosi yami, ngoba inko-
si yenze ngokwesicelo senceku
yayo." **23** Ngemva kwalokho
uJowabe wasuka waya eGeshu-
ri[c] wayolanda u-Absalomu wa-
mletha eJerusalema. **24** No-
kho, inkosi yathi: "Makabuye-
le endlini yakhe, kodwa ngeke
abubone ubuso bami." Ngakho
u-Absalomu wabuyela endlini
yakhe, akabubonanga ubuso
benkosi.

**25** Manje kuwo wonke u-Isra-
yeli akekho umuntu owayeba-
tshazwa ngobuhle njengo-Absa-
lomu. Kusukela ematheni onya-
wo lwakhe kuze kube sokha-
khayini kwakungekho sici kuye.
**26** Lapho egunda ikhanda la-
khe—kwakudingeka aligunde
njalo ekupheleni konyaka ngo-
ba lalimsinda kakhulu—izinwe-
le zekhanda lakhe zaziba yisisi-
ndo esingamashekeli angu-200*
ngesisindo setshe lasebukhosi-
ni.# **27** U-Absalomu wazalelwa
amadodana amathathu[d] nendo-
dakazi eyodwa egama layo kwa-
kunguThamari. Wayengowesifa-
zane omuhle kakhulu.

**28** U-Absalomu waqhubeka

ISAHL. 14
a 2Sa 13:38
b 2Sa 14:2, 7
c 2Sa 14:1-3

Uhla 2
a 2Sa 14:13
b 2Sa 13:38
c Dut 3:14
2Sa 3:3
2Sa 13:37
d 2Sa 18:18

**14:19** *Noma, "akekho ongaya kwesobunxele noma kwesokudla kulokhu inkosi ekushoyo."

**14:26** *Cishe u-2,3 kg. Bheka iSithasiselo B14. #Lesi kungenzeka kwakuyisisindo esivamile sasebukhosini noma ishekeli "lasebukhosini" elalingefani neshekeli elijwayelekile.

ehlala eJerusalema iminya-
ka emibili egcwele, kodwa aka-
bubonanga ubuso benkosi.[a]
**29** Ngakho u-Absalomu wa-
thumela ukuba kubizwe uJo-
wabe ukuze amthume enkosi-
ni, kodwa uJowabe akavu-
manga ukuza kuye. Waphi-
nde wathumela okwesibili uku-
ba abizwe, kodwa waphinde
wenqaba ukuza. **30** Ekugci-
neni wathi ezincekwini zakhe:
“Kunensimu kaJowabe esece-
leni kweyami, unebhali la-
pho. Hambani niyoyishisa ngo-
mlilo.” Ngakho izinceku zika-
Absalomu zayishisa ngomlilo
leyo nsimu. **31** Ngenxa yalo-
kho uJowabe wasuka waya
endlini ka-Absalomu wafike
wathi kuye: “Izinceku zakho zi-
yishiseleni ngomlilo insimu
yami?” **32** U-Absalomu wathi
kuJowabe: “Ngithumele umya-
lezo kuwe, ngathi, ‘Woza ngiku-
thume enkosini ukuba uyothi:
“Ngibuyeleni eGeshuri?[b] Ngabe
kungcono ukube ngizihlalele
khona. Manje ngicela ukubona
ubuso benkosi, futhi uma ngi-
necala kufanele ingibulale.”’”

**33** Ngakho uJowabe waha-
mba waya enkosini wafike wa-
yitshela. Ngemva kwalokho
yambiza u-Absalomu, oweza
enkosini wafike waguqa wa-
khothama phambi kwenkosi.
Ngemva kwalokho inkosi ya-
mqabula u-Absalomu.[c]

**15** Ngemva kwazo zonke le-
zi zinto, u-Absalomu
wazitholela inqola namahha-
shi kanye namadoda angu-
50 azogijima phambi kwakhe.[d]
**2** U-Absalomu wayevuka kuse-
sekuseni ame eceleni kom-
gwaqo oya esangweni ledolo-
bha.[e] Noma nini lapho ku-
nomuntu onecala okumele li-
yoqulwa enkosini,[f] u-Absalo-
mu wayembiza athi: “Uve-
la kuliphi idolobha?” yena
athi: “Inceku yakho ivela kwe-
sinye sezizwe zakwa-Israyeli.”
**3** U-Absalomu wayethi kuye:
“Uyazi ukhuluma iqiniso, ko-
dwa akukho muntu enkosini
ozolalela udaba lwakho.” **4** U-
Absalomu wayeqhubeka athi:
“Ukube nje bengimiswe nje-
ngomahluleli ezweni! Wonke
umuntu onecala noma onempi-
kiswano nothile ubeyoza kimi,
mina bengiyoqiniseka ukuthi
uyabuthola ubulungisa.”

**5** Kwakuthi lapho umuntu
esondela kuye ukuze amkho-
thamele, u-Absalomu elule isa-
ndla sakhe ambambe amqa-
bule.[a] **6** U-Absalomu wayenza
kanjalo kuwo wonke ama-Isra-
yeli ayefika enkosini ezofu-
na isahlulelo; ngakho u-Absalo-
mu waqhubeka ezeba izinhlizi-
yo zamadoda akwa-Israyeli.[b]

**7** Ekupheleni kweminyaka
emine,* u-Absalomu wathi
enkosini: “Ngicela ungivume-
le ngiye eHebroni[c] ngiyofe-
za isifungo engasenza kuJeho-
va. **8** Ngoba inceku yakho ye-
nza lesi sifungo esibalulekile[d]
ngesikhathi ngihlala eGeshuri[e]
eSiriya: ‘Uma uJehova eyongi-
buyisela eJerusalema, ngiyo-
kwenza umnikelo* kuJehova.’”
**9** Ngakho inkosi yathi kuye:
“Hamba ngokuthula.” Ngakho
wasuka waya eHebroni.

**10** U-Absalomu wathumela
izinhloli kuzo zonke izizwe
zakwa-Israyeli, wathi: “Lapho
nje nizwa umsindo wopho-
ndo, nimemezele nithi, ‘U-
Absalomu useyinkosi eHebro-
ni!’”[f] **11** Manje amadoda
angu-200 aseJerusalema aye-
hambe no-Absalomu aya lapho;

---

ISAHL. 14
a 2Sa 14:24
b 2Sa 14:23
c Gen 45:15

ISAHL. 15
d 1Sa 8:11; 1Kh 1:5; IzA 11:2
e Dut 25:7; Rut 4:1
f 1Sa 8:20; 2Sa 8:15

Uhla 2
a Hu 10:9; Hu 55:21; IzA 26:25
b IzA 11:9
c 2Sa 3:2
d Lev 22:21
e 2Sa 13:38; 2Sa 14:23
f 2Sa 2:1; 2Sa 5:1, 5; 1Kr 3:4

---

**15:7** *Noma kungaba, “kweminyaka engu-40.” **15:8** *Noma, “ngiyokhuleka.” NgesiHebheru, “ngiyokwenza inkonzo.”

ayebiziwe futhi engasoli lutho,
engazi ukuthi kwakwenzekani.
**12** Ngaphezu kwalokho, lapho
enikela imihlatshelo, u-Absa-
lomu wathumela ukuba ku-
yobizwa u-Ahithofeli[a] waseGi-
lo umeluleki kaDavide,[b] edo-
lobheni lakubo eGilo.[c] Uzungu
lwaluya luqina, nenani laba-
ntu abasekela u-Absalomu lala-
nda.[d]

**13** Ngemva kwesikhathi kwa-
fika umuntu kuDavide ezobika,
wathi: "Izinhliziyo zabantu ba-
kwa-Israyeli sezilandela u-Absa-
lomu." **14** Ngaso leso sikhathi
uDavide wathi kuzo zonke izi-
nceku zakhe ezazinaye eJerusa-
lema: "Sukumani sibaleke,[e] ngo-
ba akekho noyedwa kithi ozo-
phunyuka ku-Absalomu! She-
shani, ngoba angase asheshe
asifice bese esilethela inhlekele-
le, ahlasele leli dolobha ngenke-
mba!"[f] **15** Izinceku zenkosi za-
phendula zathi enkosini: "Noma
yini inkosi yami eyinqumayo,
izinceku zakho zizimisele uku-
yenza."[g] **16** Ngakho inkosi ya-
phuma ilandelwa yiyo yonke
indlu yayo, kodwa inkosi yashi-
ya izancinza eziyishumi[h] uku-
ba zinakekele indlu.* **17** Inko-
si yaqhubeka nendlela yayo bo-
nke abantu beyilandela, bafike
bama eBheti-merihaki.

**18** Zonke izinceku zayo eza-
zihamba nayo* nawo wonke
amaKhereti, amaPheleti[i] nama-
Giti,[j] amadoda angu-600 ayeyi-
landele esuka eGati,[k] babedlu-
la njengoba inkosi ibahlola.#
**19** Inkosi yase ithi ku-Ithayi[l]
umGiti: "Kungani nawe kufane-
le uhambe nathi? Buyela emu-
va uyohlala nenkosi entsha,
ngoba ungowesinye isizwe fu-
thi udingisiwe endaweni yaki-
ni. **20** Ufike zolo lokhu, nga-
kho ngingakuvumela kanjani
ukuba uhambe nami ngingazi
nokuthi ngiyaphi! Thatha aba-
fowenu nibuyele emuva, kwa-
ngathi uJehova angakubonisa
uthando oluqotho nokwethe-
mbeka!"[a] **21** Kodwa u-Ithayi
wayiphendula inkosi wathi:
"Ngifunga uJehova futhi ngi-
yafunga nakuwe nkosi, noma
ngabe inkosi yami ikuphi, ku-
ngaba ngenjongo yokuba ife
noma ukuba iphile, yilapho
inceku yakho iyoba khona!"[b]
**22** Ngakho uDavide wathi ku-
Ithayi:[c] "Hamba udlulele pha-
mbili." Ngakho u-Ithayi umGiti
wadlulela phambili, nawo wo-
nke amadoda ayekanye naye
nezingane.

**23** Bonke abantu bakuleyo
ndawo babekhala ngezwi eli-
khulu, kuyilapho bonke laba
abanye bewela, inkosi yayi-
mi eSigodini SaseKidroni;[d] bo-
nke abantu babewelela emgwa-
qweni oya ehlane. **24** UZado-
ki[e] naye wayelapho kanye
nawo wonke amaLevi[f] aye-
thwele umphongolo[g] wesivu-
melwano sikaNkulunkulu we-
qiniso;[h] ase ewubeka phansi
uMphongolo kaNkulunkulu we-
qiniso; u-Abhiyathara[i] naye wa-
yelapho ngesikhathi bonke
abantu besawela besuka edolo-
bheni. **25** Kodwa inkosi ya-
thi kuZadoki: "Thatha uMpho-
ngolo kaNkulunkulu weqiniso
uwubuyisele edolobheni.[j] Uma
ngithole umusa emehlweni ka-
Jehova, nami uzongibuyisela
emuva angivumele ngiwubone,
ngibone nendawo yawo yoku-
hlala.[k] **26** Kodwa uma enga-
thi, 'Angijabuli ngawe,' make-
nze kimi noma yini ebona-
kala ilungile emehlweni akhe."

---

**15:16** *Noma, "isigodlo." **15:18** *Noma, "ezaziwela eceleni kwayo." #Noma, "babewela njengoba inkosi ibabhekile."

**ISAHL. 15**
- a 2Sa 16:23; 2Sa 17:14; 2Sa 23:8, 34
- b Hu 41:9; Hu 55:12, 13; Joh 13:18
- c Jos 15:20, 51
- d Hu 3:1; IzA 24:21
- e 2Sa 19:9; Hu 3:0
- f 2Sa 12:11
- g IzA 18:24
- h 2Sa 12:11; 2Sa 16:21; 2Sa 20:3
- i 2Sa 8:18; 2Sa 20:7; 1Kh 1:38; 1Kr 18:17
- j Jos 13:2, 3
- k 1Sa 27:4; 1Kr 18:1
- l 2Sa 18:2

**Uhla 2**
- a 2Sa 2:5, 6; Hu 25:10; Hu 57:3; Hu 61:7; Hu 89:14
- b IzA 17:17; IzA 18:24
- c 2Sa 18:2
- d 1Kh 2:36, 37; 2Kr 30:14; Joh 18:1
- e 2Sa 8:17; 2Sa 20:25; 1Kh 1:8; 1Kh 2:35; 1Kr 6:8
- f Num 8:19
- g Eks 37:1; Lev 16:2
- h Num 4:15; Num 7:9; 1Kr 15:2
- i 1Sa 22:20; 1Sa 30:7
- j 2Sa 6:17
- k 2Sa 7:2; Hu 26:8; Hu 27:4

**27** Inkosi yathi kuZadoki umpristi: “Ungumboni, angithi?[a] Buyela edolobheni ngokuthula, thathani amadodana enu amabili nihambe nawo, u-Ahimahazi indodana yakho noJonathani[b] indodana ka-Abhiyathara. **28** Mina ngizolinda emazibukweni angasehlane kuze kufike umbiko ovela kini wokungazisa.”[c] **29** Ngakho uZadoki no-Abhiyathara bawubuyisela eJerusalema uMphongolo kaNkulunkulu weqiniso, base behlala khona.

**30** Njengoba uDavide ayenyuka eNtabeni* Yeminqumo,[d] wayekhala njengoba enyuka; ikhanda lakhe lalimboziwe, ehamba engafake lutho ezinyaweni. Bonke abantu ababenaye nabo bamboza amakhanda abo, benyuka bekhala. **31** UDavide wabikelwa, kwathiwa: “U-Ahithofeli uphakathi kwalabo abakha uzungu[e] no-Absalomu.”[f] Lapho ezwa lokho uDavide wathi: “O Jehova,[g] ngicela uguqule iseluleko sika-Ahithofeli sibe ubuwula!”[h]

**32** Lapho uDavide efika esiqongweni endaweni abantu ababevame ukukhothamela kuyo uNkulunkulu, uHushayi[i] umArikhi[j] wayelapho ezomhlangabeza, ingubo yakhe iklebhukile, enenhlabathi ekhanda. **33** Nokho, uDavide wathi kuye: “Uma uwela kanye nami, uzoba umthwalo kimi. **34** Kodwa uma ubuyela edolobheni bese uthi ku-Absalomu, ‘Ngiyinceku yakho, Nkosi. Ngangiyinceku kayihlo ekuqaleni, kodwa manje sengiyinceku yakho,’[k] khona-ke ungangisiza ubhuntshise iseluleko sika-Ahithofeli.[l] **35** Angithi uZadoki no-Abhiyathara abapristi bazobe benawe lapho? Yonke into oyizwayo endlini yenkosi kumele uyitshele uZadoki no-Abhiyathara abapristi.[a] **36** Amadodana abo amabili, u-Ahimahazi[b] indodana kaZadoki noJonathani[c] indodana ka-Abhiyathara alapho kanye nabo, kufanele nithumele wona azongitshela konke enikuzwayo.” **37** Ngakho uHushayi, umngani kaDavide,[d] waya edolobheni wafika ngesikhathi u-Absalomu engena eJerusalema.

**16** Lapho uDavide eqeda ukudlula esiqongweni,[e] wazithela kuZiba[f] isikhonzi sikaMefibhosheti[g] ezomhlangabeza ehamba nezimbongolo ezimbili eziboshelwe zithwele izinkwa ezingu-200, amakhekhe amagilebhisi omisiwe angu-100, amakhekhe ezithelo zasehlobo* angu-100 nembiza enkulu yewayini.[h] **2** Inkosi yathi kuZiba: “Kungani ungilethele lezi zinto?” UZiba waphendula wathi: “Izimbongolo ngezokuba kugibele abendlu yenkosi, isinkwa nezithelo zasehlobo ngokwezinsizwa ukuba zidle, iwayini ngelokuba okhathele ehlane aphuze.”[i] **3** Inkosi yase ithi kuye: “Iphi indodana* yenkosi yakho?”[j] UZiba waphendula wathi enkosini: “Ihleli eJerusalema, ngoba ithe, ‘Namuhla indlu ka-Israyeli izobuyisela ubukhosi bukababa kimi.’ ”[k] **4** Inkosi yathi kuZiba: “Konke obekungokukaMefibhosheti sekungokwakho.”[l] UZiba wathi: “Ngiyakhothama phambi kwakho. Kwangathi ngingathola umusa emehlweni akho, nkosi yami.”[m]

ISAHL. 15
*a* 1Sa 9:9
*b* 2Sa 17:17
*c* 2Sa 15:36; 2Sa 17:16, 21
*d* Mat 21:1; Mat 24:3; IzE 1:12
*e* Hu 41:9; Hu 55:12, 13; Joh 13:18
*f* Hu 3:0
*g* Hu 3:7
*h* 2Sa 16:23; 2Sa 17:14
*i* 2Sa 16:16
*j* Jos 16:1, 2
*k* 2Sa 16:18, 19
*l* 2Sa 17:7, 14

Uhla 2
*a* 2Sa 17:15, 16
*b* 2Sa 18:19
*c* 2Sa 17:17; 1Kh 1:42
*d* 2Sa 16:16; 1Kr 27:33

ISAHL. 16
*e* 2Sa 15:30
*f* 2Sa 9:2, 9
*g* 2Sa 9:6
*h* 1Sa 25:18
*i* 2Sa 17:27-29
*j* 2Sa 9:3
*k* 2Sa 19:25-27
*l* 2Sa 9:9, 10
*m* IzA 26:22

**15:30** *Noma, “emqanseni.”

**16:1** *Ikakhulu amakhiwane mhlawumbe nezithelo zesundu. **16:3** *Noma, “umzukulu.”

5 Lapho iNkosi uDavide ifika
eBhahurimi, kwaphuma umu-
ntu womndeni wendlu kaSawu-
le, uShimeyi[a] indodana kaGera,
wayithuka inkosi njengoba eso-
ndela.[b] 6 Wayejikijela uDavide
nazo zonke izinceku zeNkosi
uDavide ngamatshe, nabo bo-
nke abantu namadoda angama-
qhawe ayengakwesokudla na-
ngakwesobunxele sakhe. 7 Yi-
lokhu uShimeyi ayekusho nje-
ngoba ethuka inkosi: "Hamba
la, hamba, wena muntu oneca-
la legazi, le nto engelusizo lwa-
lutho! 8 UJehova ulibuyisele
kuwe lonke icala legazi lendlu
kaSawule obuse esikhundleni
sakhe njengenkosi, kodwa uJe-
hova unikela ubukhosi esandle-
ni sika-Absalomu indodana ya-
kho. Manje wehlelwe inhlekele-
le, ngoba ungumbulali!"[c]
9 U-Abhishayi indodana ka-
Zeruya[d] wathi enkosini: "Ku-
ngani le nja efile[e] kufane-
le yethuke inkosi yami?[f]
Ngicela ungivumele ngiwele
ngishumpule ikhanda lakhe."[g]
10 Kodwa inkosi yathi: "Ngi-
hlanganiseni nani, madodana
kaZeruya?[h] Myekeni angithu-
ke,[i] ngoba uJehova uthe kuye,[j]
'Thuka uDavide!' Ngakho uba-
ni okufanele athi, 'Uyenzela-
ni le nto?'" 11 UDavide wa-
thi ku-Abhishayi nakuzo zo-
nke izinceku zakhe: "Nansi
indodana yami, igazi lami, ifu-
na ukuphila kwami,[k] kuthiwa-
ni-ke ngomuntu wakwaBhenja-
mini![l] Myekeni angithuke, ngo-
ba uJehova uthe akenze kanja-
lo! 12 Mhlawumbe uJehova
uzokubona ukuhlupheka kwa-
mi,[m] bese uJehova engenze-
la okuhle esikhundleni senhla-
mba engithukwa ngayo namu-
hla."[n] 13 Ngemva kokusho lo-
kho uDavide namadoda aye-
kanye naye baqhubeka behla
ngomgwaqo kuyilapho uShi-
meyi egudla intaba elinganise-
ne naye, emthuka,[a] emjikijela
ngamatshe emthela nangothuli
oluningi.
14 Ekugcineni inkosi nabo
bonke abantu ababenayo ba-
fika bekhathele lapho babeya
khona, ngakho baphumula.
15 Phakathi naleso sikhathi
u-Absalomu nawo wonke ama-
doda akwa-Israyeli bafika eJe-
rusalema, u-Ahithofeli[b] waye-
kanye naye. 16 Lapho uHu-
shayi[c] umArikhi,[d] umngani ka-
Davide, efika ku-Absalomu,
uHushayi wathi ku-Absalomu:
"Mana njalo nkosi![e] Mana nja-
lo nkosi!" 17 U-Absalomu wa-
phendula wathi kuHushayi:
"Ingabe yile ndlela obonisa
ngayo uthando oluqotho kum-
ngani wakho? Kungani unga-
hambanga nomngani wakho?"
18 Ngakho uHushayi wathi ku-
Absalomu: "Cha, ngingasohla-
ngothini lwalowo okhethwe
nguJehova nalesi sizwe ka-
nye nawo wonke amadoda
akwa-Israyeli. Ngizohlala naye.
19 Ngiyaphinda ngithi, Nguba-
ni okufanele ngimkhonze? Aku-
fanele yini ngikhonze indodana
yakhe? Njengoba nje ngamkho-
nza uyihlo, kanjalo nawe ngizo-
kukhonza."[f]
20 U-Absalomu wayesethi
ku-Ahithofeli: "Ake ungicebi-
se.*[g] Senzenjani?" 21 U-Ahi-
thofeli wathi ku-Absalomu:
"Lala nezancinza zikayihlo[h]
azishiye ngemuva ukuba zina-
kekele indlu.*[i] Lapho wonke
u-Israyeli ezwa ukuthi we-
nze le nto wadelela uyihlo, labo
abakusekelayo bazoma isibi-
ndi." 22 Ngakho bagxumekela
u-Absalomu itende phezu kwe-

ISAHL. 16
a 2Sa 19:16; 1Kh 2:8, 44
b Eks 22:28; Shu 10:20
c 1Sa 24:6, 7; 1Sa 26:9, 11; Hu 3:1, 2; Hu 7:1; Hu 71:10, 11
d 1Kr 2:15, 16
e 1Sa 24:14
f Eks 22:28
g 1Sa 26:8
h 2Sa 19:22; 1Kh 2:5
i Hu 37:8; 1Pe 2:23
j 2Sa 12:10
k 2Sa 12:11; 2Sa 15:14; 2Sa 17:12
l 2Sa 19:16
m Gen 29:32; Eks 3:7; Hu 25:18
n Hu 109:28

Uhla 2
a 2Sa 16:5
b 2Sa 15:12, 31
c 2Sa 15:32, 37; 1Kr 27:33
d Jos 16:1, 2
e 1Kh 1:25
f 2Sa 15:34
g Hu 37:12
h Lev 18:8; Lev 20:11; 1Kh 2:22
i 2Sa 15:16

16:20 *Noma, "ungeluleke." 16:21 *Noma, "isigodlo."

ndlu,*[a] u-Absalomu walala ne-
zancinza zikayise[b] kubuka wo-
nke u-Israyeli.[c]
**23** Ngalezo zinsuku iselule-
ko sika-Ahithofeli[d] sasibhe-
kwa njengezwi elivela* kuNku-
lunkulu weqiniso. Yileyo ndlela
uDavide no-Absalomu ababesi-
hlonipha ngayo sonke iseluleko
esivela ku-Ahithofeli.

**17** U-Ahithofeli wayesethi
ku-Absalomu: "Ngicela
ungivumele ngikhethe amado-
da angu-12 000 bese ngisuka
ngijaha uDavide namuhla kusi-
hlwa. **2** Ngizomfica ekhathe-
le engenamandla,*[e] ngizome-
nza athuthumele; bonke aba-
ntu abakanye naye bazobaleka
bese ngibulala inkosi kuphela.[f]
**3** Ngemva kwalokho ngizoba-
buyisela kuwe bonke abantu.
Ukubuya kwabo bonke abantu
kuncike kulokho okuzokwe-
nzeka kulo muntu omfunayo.
Khona-ke bonke abantu bazoba
nokuthula." **4** Leli cebo labo-
nakala lilihle impela ku-Absa-
lomu nakuwo wonke amadoda
amadala akwa-Israyeli.
**5** Nokho u-Absalomu wa-
thi: "Ngicela kubizwe noHu-
shayi[g] umArikhi, ukuze sizwe
ukuthi yena uthini." **6** Nga-
kho uHushayi weza ku-Absa-
lomu. U-Absalomu wathi kuye:
"Nasi iseluleko sika-Ahithofeli.
Sisisebenzise yini iseluleko sa-
khe? Uma kungafanele, sitshe-
le ukuthi senzeni." **7** UHusha-
yi wathi ku-Absalomu: "Iselule-
ko sika-Ahithofeli asisihle ku-
lokhu!"[h]
**8** UHushayi waqhubeka wa-
thi: "Wazi kahle ukuthi uyihlo
namadoda akanye naye bana-
mandla[a] futhi banolaka,* nje-
ngebhere elilahlekelwe amawu-
ndlu alo endle.[b] Ngaphezu kwa-
lokho uyihlo uyiqhawe,[c] ngeke
alale kanye nabantu. **9** Nje-
ngamanje ucashe komunye we-
migede* noma kwenye inda-
wo;[d] uma egadla kuqala, abe-
zwayo ngakho bazothi, 'Aba-
ntu abalandela u-Absalomu ba-
hluliwe!' **10** Ngisho nendoda
enesibindi enenhliziyo enje-
ngeyebhubesi[e] iyokwesaba na-
kanjani, ngoba wonke u-Israye-
li uyazi ukuthi uyihlo uyindo-
da enamandla[f] nokuthi ama-
doda akanye naye anesibi-
ndi. **11** Mina ngicebisa ngoku-
thi: Makubizwe wonke u-Isra-
yeli eze kuwe, kusukela kwa-
Dani kuze kube seBheri-she-
ba,[g] abe mningi ngangesihla-
bathi solwandle,[h] wena kufane-
le umhole aye empini. **12** Si-
zomhlasela noma kuphi lapho
ekhona, sizomthelekela nje-
ngamazolo ewela emhlabathi-
ni; ngeke kusinde ngisho no-
yedwa phakathi kwakhe nawo
wonke amadoda akanye naye.
**13** Uma ebalekela edolobheni
elithile, wonke u-Israyeli uzo-
thatha izindophi aye kulelo do-
lobha, sizolidonsela esigodini
kungasali ngisho netshe."
**14** U-Absalomu nawo wonke
amadoda akwa-Israyeli ba-
thi: "Iseluleko sikaHushayi um-
Arikhi singcono[i] kuneselule-
ko sika-Ahithofeli!" Ngoba uJe-
hova wayesenqume ukusibhu-
ntshisa* iseluleko sika-Ahitho-
feli nakuba sasisihle,[j] ukuze
uJehova abangele u-Absalomu
inhlekelele.[k]
**15** Kamuva uHushayi wa-
thi kuZadoki no-Abhiyathara[l]

ISAHL. 16
a 2Sa 11:2
b Dut 22:30; 2Sa 20:3
c 2Sa 12:11, 12
d 2Sa 15:12; 2Sa 17:14, 23

ISAHL. 17
e 2Sa 16:14
f Hu 37:12; Hu 41:9; Hu 55:12, 13
g 2Sa 15:32; 2Sa 16:16
h 2Sa 15:34

Uhla 2
a 1Sa 16:18; 2Sa 15:18; 2Sa 23:8, 18; 1Kr 11:26
b IzA 17:12
c 1Sa 17:50; 1Sa 18:7; 1Sa 19:8; 2Sa 10:18
d 1Sa 22:1; 1Sa 23:19
e Gen 49:9; 2Sa 1:23; Isay 31:4
f 1Sa 18:5
g Hlu 20:1
h 1Kh 4:20
i IzA 21:1
j 2Sa 15:31, 34; 2Sa 16:23; IzA 19:21; IzA 21:30
k Dut 2:30; 2Kr 25:20
l 2Sa 8:17; 2Sa 15:35

**16:22** *Noma, "ophahleni." **16:23** *Noma, "sasinjengokungathi umuntu ubuza." **17:2** *Noma, "zibuthakathaka zombili izandla zakhe."

**17:8** *Noma, "babuhlungu emoyeni." **17:9** *Noma, "wemigodi; ezindongeni." **17:14** *Noma, "wayeyale ukuba sibhuntshiswe."

abapristi: “Nasi iseluleko u-Ahi-
thofeli asinike u-Absalomu na-
madoda amadala akwa-Isra-
yeli, mina ngimeluleke kanje.
**16** Manje thumelani umyale-
zo ngokushesha kuDavide, nim-
xwayise nithi: ‘Ungahlali ema-
zibukweni* oMfula iJordani
angasehlane namuhla ebusu-
ku, kodwa kumele uwuwele na-
kanjani umfula, ngale kwalo-
kho inkosi nabo bonke abantu
abakanye nayo bangase baqo-
thulwe.’ ”#[a]

**17** UJonathani[b] no-Ahima-
hazi[c] babehlala e-Eni-rogeli[d]
ngoba babengenakulokotha ba-
bonakale bengena edolobhe-
ni; ngakho incekukazi yaha-
mba yabatshela, bona baha-
mba bayotshela iNkosi uDa-
vide. **18** Nokho, insizwa ethi-
le yababona yatshela u-Absa-
lomu. Ngakho bobabili baha-
mba ngokushesha baya emzi-
ni womuntu othile eBhahuri-
mi,[e] owayenomthombo egceke-
ni lakwakhe. Bangena kulowo
mthombo, **19** ngemva kwalo-
kho inkosikazi yalowo muntu
yathatha indwangu yamboza
ngayo umthombo yabe isithe-
la umgqakazo phezu kwawo;
akukho muntu owayazi nga-
kho. **20** Izinceku zika-Absalo-
mu zafika kowesifazane emzi-
ni wakhe zathi: “Baphi o-Ahi-
mahazi noJonathani?” Owesi-
fazane wathi kuzo: “Badlulile
lapha baya emfuleni.”[f] Nga-
kho la madoda abafuna kodwa
awabatholanga, ngakho abuye-
la eJerusalema.

**21** Ngemva kokuba lawo ma-
doda esehambile, baphuma
emthonjeni bahamba bayobike-
la iNkosi uDavide. Bathi kuyo:
“Sukumani niwelele ngaphe-
sheya komfula ngokushesha,
ngoba u-Ahithofeli ukhiphe
iseluleko ngokumelene nani.”[a]
**22** Ngokushesha uDavide nabo
bonke abantu ababekanye naye
basukuma bawela iJordani.
Lapho kusa, kwakungasekho
muntu owayengakaliweli iJor-
dani.

**23** Lapho u-Ahithofeli ebo-
na ukuthi kwakungenziwanga
ngokuvumelana neseluleko sa-
khe, wagibela imbongolo waha-
mba waya emzini wakhe edo-
lobheni lakubo.[b] Ngemva koku-
nikeza umndeni wakhe iziya-
lezo,[c] wazilengisa* wafa.[d] Nga-
kho wangcwatshwa emathune-
ni okhokho bakhe.

**24** Phakathi naleso sikha-
thi, uDavide wahamba waya
eMahanayimi,[e] u-Absalomu wa-
wela iJordani ekanye nawo
wonke amadoda akwa-Isra-
yeli. **25** U-Absalomu wabe-
ka u-Amasa[f] phezu kwebu-
tho esikhundleni sikaJowa-
be;[g] u-Amasa wayeyindodana
yendoda yakwa-Israyeli okuthi-
wa u-Ithira kanye no-Abhigayi-
li[h] indodakazi kaNahashi, uda-
dewabo kaZeruya, unina kaJo-
wabe. **26** U-Israyeli kanye no-
Absalomu bamisa amatende
ezweni lakwaGileyadi.[i]

**27** Ngokushesha nje lapho
uDavide efika eMahanayimi,
uShobi indodana kaNahashi
waseRaba[j] kwa-Amoni, uMaki-
ri[k] indodana ka-Amiyeli wase-
Lo-debari, noBharizilayi[l] umGi-
leyadi waseRogelimi **28** bale-
tha imibhede, izindishi, izimbi-
za, ukolweni, ibhali, ufulawa,
okusanhlamvu okugazingiwe,
ubhontshisi, udali, okusanhla-
mvu okomile, **29** uju, ibhote-
la, izimvu noshizi.* Konke lo-

**ISAHL. 17**
a Hu 35:24, 25
b 1Kh 1:42
c 2Sa 15:27, 36; 2Sa 18:19
d Jos 15:7, 12; Jos 18:16, 20; 1Kh 1:9
e 2Sa 16:5; 2Sa 19:16
f Eks 1:19; Jos 2:3-5; 1Sa 19:12, 14; 1Sa 21:2

**Uhla 2**
a 2Sa 17:1, 2
b Jos 15:20, 51; 2Sa 15:12
c 2Kh 20:1
d 1Sa 31:4; 1Kh 16:18; Hu 5:10; Hu 55:23; Mat 27:3, 5; IzE 1:18
e Gen 32:1, 2; Jos 13:24, 26
f 2Sa 19:13; 2Sa 20:4, 10
g 2Sa 8:16
h 1Kr 2:16, 17
i Num 32:1; Dut 3:15
j Dut 3:11; Jos 13:24, 25; 2Sa 12:26, 29
k 2Sa 9:3-5
l 2Sa 19:31, 32; 1Kh 2:7

**17:16** *Noma kungaba, “emathafeni awugwadule.” #NgesiHebheru, “bagwinywe.”

**17:23** *Noma, “waziklinya.” **17:29** *NgesiHebheru, “namasi enkomo.”

khu bakuletha kuDavide naba-
ntu ababekanye naye ukuze ba-
dle,[a] ngoba bathi: "Abantu ba-
lambile, bakhathele futhi bomi-
le ehlane."[b]

**18** UDavide wabala amado-
da ayekanye naye, wabe-
ka phezu kwawo izinduna zezi-
nkulungwane nezinduna zama-
khulu.[c] **2** UDavide wathume-
la amadoda ayekanye naye
ngamaviyo amathathu: elinye
liholwa nguJowabe,*[d] elinye li-
holwa umfowabo kaJowabe
u-Abhishayi[e] indodana kaZe-
ruya,[f] elinye liholwa ngu-Itha-
yi[g] umGiti. Ngemva kwalo-
kho inkosi yathi kula mado-
da: "Nami ngizohamba nani."
**3** Kodwa athi: "Wena akume-
le uhambe,[h] ngoba uma si-
baleka ngeke babe nandaba
nathi;* uma ingxenye yethu
ifa ngeke babe nandaba na-
thi, ngoba wena ulingana naba-
ngu-10 000 kithi.[i] Ngakho kuzo-
ba ngcono uma usinikeza usi-
zo usedolobheni." **4** Inkosi ya-
thi kuwo: "Noma yini eniyibo-
na ilungile ngizoyenza." Nga-
kho inkosi yama eceleni kwesa-
ngo ledolobha, wonke amado-
da aphuma ngamakhulu nange-
zinkulungwane. **5** Inkosi ya-
yala uJowabe no-Abhishayi no-
Ithayi, yathi: "Niyiphathe ka-
hle insizwa u-Absalomu ngenxa
yami."[j] Wonke amadoda ezwa
lapho inkosi iyala zonke izindu-
na ngokuphathelene no-Absa-
lomu.

**6** Amadoda aphuma aya
enkundleni eyolwa no-Israye-
li, impi yabambana ehlathi-
ni lakwa-Efrayimi.[k] **7** Izince-
ku zikaDavide[l] zabanqoba aba-
ntu bakwa-Israyeli,[m] kwabu-
lawa abantu abaningi ngalo-
lo suku—amadoda angu-20 000.
**8** Impi yasakazeka kuyo yo-
nke indawo. Ngaphezu kwalo-
kho, ihlathi lashwabadela aba-
ntu abaningi kunalabo abadli-
wa yinkemba ngalolo suku.

**9** Ekugcineni u-Absalomu
wazithola esebhekene nezince-
ku zikaDavide. U-Absalomu wa-
yegibele umnyuzi. Lo mnyu-
zi wadlula ngaphansi kwama-
gatsha athothene esihlahla esi-
khulu, ikhanda lakhe labambe-
ka kuleso sihlahla esikhulu wa-
lenga emoyeni,* kuyilapho um-
nyuzi ayewugibele udlula.
**10** Umuntu othile wakubona
lokho watshela uJowabe[a] wa-
thi: "Ngibone u-Absalomu ele-
nga esihlahleni esikhulu."
**11** UJowabe wathi kulowo mu-
ntu owayembikela: "Uma uku-
bonile, pho kungani ungambu-
lalanga khona lapho wamla-
hla phansi? Ukube bewenze
njalo bengiyokunika izinhla-
mvu eziyishumi zesiliva nebha-
nde ngaphandle kokuthanda-
buza." **12** Kodwa lowo muntu
wathi kuJowabe: "Ngisho noma
benginganikwa* izinhlamvu ze-
siliva ezingu-1 000, benginge-
ke ngiyibulale indodana yenko-
si, ngoba siyizwile inkosi ini-
yala, wena no-Abhishayi no-
Ithayi, ithi, 'Niqikelele ukuthi
akukho muntu olimaza insi-
zwa u-Absalomu.'[b] **13** Ukube
bengingalalelanga ngayibulala,
lokho bekungeke kuhlale kufi-
hlekile enkosini, nawe ubu-
ngeke ungivikele." **14** UJowa-
be waphendula wathi: "Ngeke
ngilokhu ngizichithela isikha-
thi ngawe!" Ngakho wathatha

**ISAHL. 17**
*a* IzA 11:25
*b* 1Sa 25:18; 2Sa 16:2

**ISAHL. 18**
*c* IzA 20:18
*d* 2Sa 8:16; 2Sa 10:7
*e* 2Sa 23:18, 19
*f* 1Kr 2:15, 16
*g* 2Sa 15:19, 21
*h* 2Sa 21:17
*i* 2Sa 17:1-3; IsiL 4:20
*j* 2Sa 18:12
*k* 2Sa 17:26
*l* Hu 3:7; IzA 24:21, 22
*m* 2Sa 16:15

**Uhla 2**
*a* 2Sa 8:16; 2Sa 18:2
*b* 2Sa 18:5

**18:2** *NgesiHebheru, "lingaphansi kwesandla sikaJowabe." **18:3** *NgesiHebheru, "bayibeke inhliziyo kithi."

**18:9** *NgesiHebheru, "walenga phakathi kwamazulu nomhlaba." **18:12** *NgesiHebheru, "bengingakala ezintendeni zami."

imikhonto* emithathu ngesa-
ndla sakhe wagwaza ngayo
u-Absalomu esifubeni# esaphi-
la ephakathi kwamagatsha
esihlahla esikhulu. **15** Nge-
mva kwalokho kwafika izi-
khonzi eziyishumi ezaziphe-
the izikhali zikaJowabe zam-
shaya u-Absalomu waze wafa.[a]
**16** UJowabe wabe eseshaya
uphondo, abantu babuya eku-
jaheni u-Israyeli, ngoba uJo-
wabe wathi abame. **17** Bam-
thatha u-Absalomu bamphonsa
emgodini omkhulu ehlathini
base bebeka inqwaba yamatshe
phezu kwakhe.[b] Wonke ama-
Israyeli abaleka aya emakhaya.

**18** Manje lapho u-Absalo-
mu esaphila, wayethathe insika
wazimisela yona eSigodini* Se-
Nkosi,[c] ngoba wathi: "Angina-
ndodana ezokwenza ukuba iga-
ma lami likhunjulwe."[d] Ngakho
waqamba leyo nsika ngegama
lakhe; ibizwa ngokuthi iSikhu-
mbuzo Sika-Absalomu kuze
kube namuhla.

**19** U-Ahimahazi[e] indodana
kaZadoki, wathi: "Ngicela uku-
gijima ngiyobikela inkosi, ngo-
ba uJehova uyenzele ubu-
lungisa ngokuyikhulula ezithe-
ni zayo."[f] **20** Kodwa uJowabe
wathi kuye: "Ngeke uye uku-
yobika lezi zindaba namuhla.
Ungawuhambisa umbiko ngolu-
nye usuku, kodwa hhayi namu-
hla, ngoba kufe indodana ye-
nkosi."[g] **21** Ngemva kwalokho
uJowabe wathi kumKushe:[h]
"Hamba uyobikela inkosi lo-
kho okubonile." UmKushe wa-
khothama phambi kukaJowa-
be wabe esegijima. **22** U-Ahi-
mahazi indodana kaZadoki wa-
phinda futhi wathi kuJowa-
be: "Noma kungenzekani, ngi-
cela nami ungivumele ukuba
ngigijime ngilandele umKushe."
Nokho uJowabe wathi: "Ku-
ngani kumele ugijime ndodana
yami, kube kungekho zindaba
ongazibika?" **23** Noma kunja-
lo wathi: "Noma kungenzeka-
ni, ngivumele ngigijime." Nga-
kho uJowabe wathi kuye: "Giji-
ma!" U-Ahimahazi wagijima
ngendlela yasesifundeni sase-
Jordani,* ekugcineni wamdlula
umKushe.

**24** Manje uDavide wayehlezi
phakathi kwamasango amabili
edolobha,[a] umlindi[b] wakhuphu-
kela ophahleni lwesango nga-
sodongeni. Waphakamisa ame-
hlo, wabona umuntu ogijima
yedwa. **25** Ngakho umlindi
wamemeza watshela inkosi,
inkosi yona yathi: "Uma eha-
mba yedwa, ulethe umbiko."
Njengoba ayelokhu esondela,
**26** umlindi wabona omunye
umuntu egijima. Ngakho umli-
ndi wamemeza umlindisango
wathi: "Bheka! Nangu omunye
umuntu ogijima yedwa!" Inko-
si yathi: "Nalona futhi ule-
the umbiko." **27** Umlindi wa-
thi: "Uma ngibheka lo wo-
kuqala, ugijima njengo-Ahima-
hazi[c] indodana kaZadoki," nga-
kho inkosi yathi: "Yindoda elu-
ngile leyo, iphethe izindaba
ezinhle." **28** U-Ahimahazi wa-
memeza wathi enkosini: "Ngi-
phethe izindaba ezinhle!" Nge-
mva kokusho lokho wakhotha-
ma phambi kwenkosi ubuso ba-
khe bubheke phansi. Waqhube-
ka wathi: "Makadunyiswe uJe-
hova uNkulunkulu wakho, oba-
nikele esandleni senkosi yami
abantu abayivukelayo!"*[d]

**18:14** *Noma kungaba, "imicibisholo." NgesiHebheru, "izinduku." #NgesiHebheru, "enhliziyweni." **18:18** *Noma, "eThafeni Eliphansi."

**18:23** *NgesiHebheru, "yasesifundeni." **18:28** *NgesiHebheru, "abayiphakamisela isandla."

ISAHL. 18
a 2Sa 12:10; IzA 2:22; IzA 20:20; IzA 30:17
b Jos 7:24, 26; Jos 8:29; Jos 10:23, 27
c Gen 14:17
d 2Sa 14:27
e 2Sa 15:35, 36; 2Sa 17:17
f Hu 9:4
g 2Sa 18:5
h Gen 10:6

Uhla 2
a 2Sa 18:4
b 2Kh 9:17
c 2Sa 18:19
d 2Sa 22:47; Hu 144:1

**29** Nokho, inkosi yathi:
“Ingabe kuhamba kahle ngensi-
zwa u-Absalomu?” U-Ahimaha-
zi wathi: “Ngibone isiyaluyalu
esikhulu ngesikhathi uJowabe
ethuma inceku yenkosi kanye
nami,* kodwa angizange ngi-
qonde ukuthi bekwenzekani.”[a]
**30** Ngakho inkosi yathi: “Gu-
dluka, yima lapha.” Wagudluka
wama eceleni.

**31** Ngemva kwalokho kwafi-
ka umKushe,[b] wathi: “Inkosi
yami mayamukele nawu umbi-
ko: Namuhla uJehova wenze
ubulungisa ngokukukhulula
esandleni sabo bonke abebeku-
vukela.”[c] **32** Kodwa inkosi ya-
thi kumKushe: “Ingabe kuha-
mba kahle ngensizwa u-Absalo-
mu?” UmKushe waphendula
wathi: “Kwangathi zonke izitha
zenkosi yami nabo bonke labo
abakuvukele ukuze bakulimaze
bangaba njengayo insizwa!”[d]

**33** Lokhu kwayiphatha kabi
inkosi, yakhuphukela ekame-
lweni elisophahleni ngaphe-
zu kwesango yakhala, yilo-
khu eyayikusho njengoba iha-
mba: “Ndodana yami Absalo-
mu, ndodana yami, ndoda-
na yami Absalomu! Ukube be-
kufe mina esikhundleni sakho,
Absalomu ndodana yami, ndo-
dana yami!”[e]

**19** UJowabe wabikelwa kwa-
thiwa: “Inkosi iyakhala,
ililela u-Absalomu.”[f] **2** Ngakho
ngalolo suku ukunqoba* kwa-
phenduka isililo kubo bonke
abantu, ngoba bezwa ukuthi
inkosi yayililela indodana yayo.
**3** Ngalolo suku abantu bange-
na edolobheni ngesinyelela,[g]
njengabantu abanamahloni nge-
nxa yokuthi babalekile empini.
**4** Inkosi yamboza ubuso bayo
yaqhubeka ikhala ngezwi eli-
khulu, ithi: “Ndodana yami
Absalomu! Absalomu ndodana
yami, ndodana yami!”[a]

**5** UJowabe waya enkosini
endlini wafike wathi: “Namu-
hla uzihlazise zonke izinceku
zakho ezisindise ukuphila kwa-
kho nokuphila kwamadodana
akho,[b] okwamadodakazi akho,[c]
okwamakhosikazi akho nokwe-
zancinza zakho.[d] **6** Uthanda
labo abakuzondayo, uzonde
labo abakuthandayo, ngoba
ukwenze kwacaca namuhla
ukuthi izinduna nezinceku za-
kho azilutho kuwe, ngoba angi-
ngabazi ukuthi ukube nje
u-Absalomu ubephila namuhla
thina sonke abanye sifile, be-
kuyobe kulungile kuwe. **7** Ma-
nje sukuma, uphumele pha-
ndle uyokhuthaza izinceku za-
kho,* ngoba ngifunga uJeho-
va ukuthi uma ungaphumi,
akukho muntu ozosala nawe
namuhla kusihlwa. Lokhu ku-
zoba kubi kakhulu kuwe ukwe-
dlula konke okubi okukwe-
hlele kusukela ebusheni ba-
kho kuze kube manje.” **8** Nga-
kho inkosi yasukuma yayohla-
la esangweni ledolobha, bo-
nke abantu batshelwa, kwathi-
wa: “Manje inkosi isihlezi esa-
ngweni.” Bonke abantu baya
enkosini.

Kodwa ama-Israyeli ayekade
esekela u-Absalomu ayebaleki-
le, yilowo nalowo waya ekhaya.[e]
**9** Bonke abantu kuzo zonke izi-
zwe zakwa-Israyeli babephikisa-
na, bethi: “Inkosi yasikhulula
ezitheni zethu,[f] yasikhulula na-
kumaFilisti; kodwa manje ibale-
kile ezweni ngenxa ka-Absalo-
mu.[g] **10** U-Absalomu esamgco-
ba ukuba abe inkosi yethu,*[h]

ISAHL. 18
a 2Sa 18:22
b 2Sa 18:21
c 2Sa 22:49, Hu 55:18, Hu 94:1, Hu 124:2, 3
d Hu 27:2
e 2Sa 12:10, 2Sa 17:14, 2Sa 19:1, IzA 19:13

ISAHL. 19
f 2Sa 18:5, 2Sa 18:14
g 2Sa 17:24

Uhla 2
a 2Sa 18:33
b 2Sa 3:2-5, 2Sa 5:14-16
c 2Sa 13:1
d 2Sa 5:13, 2Sa 15:16
e 2Sa 18:17
f 1Sa 17:50, 1Sa 18:7, 1Sa 19:5, 2Sa 5:25, 2Sa 8:5
g 2Sa 15:14
h 2Sa 15:10, 12

**18:29** *NgesiHebheru, “kanye nenceku yakho.” **19:2** *Noma, “insindiso.”

**19:7** *NgesiHebheru, “uyokhuluma nenhliziyo yezinceku zakho.” **19:10** *NgesiHebheru, “abe phezu kwethu.”

ufele empini.[a] Pho kungani ni-
ngenzi lutho ukubuyisa inko-
si?”
**11** INkosi uDavide yathume-
la lo myalezo kuZadoki[b] no-
Abhiyathara[c] abapristi, yathi:
“Khulumani namadoda ama-
dala akwaJuda,[d] nithi, ‘Kunga-
ni kufanele nibe ngabokugci-
na ukubuyisela inkosi emzini
wayo, kuyilapho izwi lawo wo-
nke u-Israyeli lifikile enkosini
lapha endlini yayo? **12** Ninga-
bafowethu; niyizihlobo zami
zegazi.* Pho kungani kufane-
le nibe ngabokugcina ukubuyi-
sa inkosi?’ **13** Ku-Amasa[e] ku-
fanele nithi, ‘Awulona yini itha-
mbo lami nenyama yami? Kwa-
ngathi uNkulunkulu angangije-
zisa kanzima uma ungeke ube
yinduna yempi yami kusukela
manje kuqhubeke esikhundleni
sikaJowabe.’ ”[f]
**14** Wonke amadoda akwaJu-
da agculiseka,* ngakho athu-
mela izwi enkosini athi: “Buya,
wena nazo zonke izinceku za-
kho.”
**15** Inkosi yangena indlela ya-
phindela emuva yaze yayofi-
ka eJordani, abantu bakwa-
Juda beza eGiligali[g] bezohla-
ngabeza inkosi, nokuba bawe-
le nayo iJordani. **16** UShime-
yi[h] indodana kaGera umBhe-
njamini, waseBhahurimi, washe-
sha wehla namadoda akwaJu-
da ezohlangabeza iNkosi uDa-
vide, **17** wayehamba namado-
da angu-1 000 akwaBhenjamini.
UZiba[i] isikhonzi sendlu kaSa-
wule namadodana akhe angu-15
nezinceku zakhe ezingu-20,
naye waphuthuma wehlela eJo-
rdani ehamba phambi kwe-
nkosi. **18** Wawela* ezibukweni
ukuze aweze abendlu yenko-
si, nokuba enze konke okwaku-
fiswa yinkosi. Kodwa uShimeyi
indodana kaGera, wakhothama
phambi kwenkosi lapho isizowe-
la iJordani. **19** Wathi enkosi-
ni: “Inkosi yami mayingangibe-
ki icala, ungakukhumbuli okubi
okwenziwa yinceku yakho[a] ngo-
suku inkosi yami eyaphuma
ngalo eJerusalema. Kwangathi
inkosi ingekufake enhliziyweni
yayo, **20** ngoba mina nceku ya-
kho ngazi kahle ukuthi ngoni-
le; ngakho namuhla ngibe ngo-
wokuqala kuyo yonke indlu ka-
Josefa ukuzohlangabeza inkosi
yami.”
**21** Ngaso leso sikhathi
u-Abhishayi[b] indodana kaZeru-
ya[c] wathi: “Akufanele yini uShi-
meyi abulawe ngenxa yalokhu,
ngoba wathuka ogcotshiwe ka-
Jehova?”[d] **22** Kodwa uDavide
wathi: “Ningenaphi kule nda-
ba, nina madodana kaZeruya,[e]
ukuba nimelane nami namu-
hla? Ingabe kufanele kubulawe
umuntu namuhla kwa-Israye-
li? Angazi yini ukuthi namuhla
ngiyinkosi phezu kuka-Israye-
li?” **23** Inkosi yase ithi kuShi-
meyi: “Ngeke ufe.” Inkosi yafu-
nga kuye.[f]
**24** UMefibhosheti[g] umzukulu
kaSawule naye wehla ezohla-
ngabeza inkosi. Wayengazange
azigeze izinyawo zakhe, enga-
zange awanakekele amadevu
akhe, engazange azihlanze ne-
zingubo zakhe kusukela ngosu-
ku inkosi eyahamba ngalo kwa-
ze kwaba usuku eyabuya ngalo
ngokuthula. **25** Lapho efika*
eJerusalema ezobonana nenko-
si, inkosi yathi kuye: “Kungani
ungahambanga nami Mefibho-

**19:12** *Noma, “niyithambo lami nenyama yami.” **19:14** *NgesiHebheru, “Ngakho wazigoba zonke izinhliziyo zamadoda akwaJuda njengomuntu oyedwa.”

**19:18** *Noma kungaba, “Bawela.” **19:25** *Noma kungaba, “evela.”

ISAHL. 19
a 2Sa 18:14
b 2Sa 8:17; 2Sa 15:25; 1Kh 1:8
c 1Sa 22:20; 1Sa 30:7; 2Sa 15:24; 1Kr 15:11, 12
d 2Sa 2:4
e 2Sa 17:25; 1Kr 2:16, 17
f 2Sa 8:16; 2Sa 18:5, 14
g Jos 5:9; 1Sa 11:14
h 2Sa 16:5; 1Kh 2:8, 9
i 2Sa 9:2, 10; 2Sa 16:1

Uhla 2
a 2Sa 16:5
b 2Sa 23:18
c 2Sa 2:18
d Eks 22:28; 2Sa 16:7; 1Kh 21:13
e 2Sa 3:39; 2Sa 16:10
f 1Kh 2:8, 9
g 2Sa 9:3, 6; 2Sa 16:3, 4

sheti?” **26** Waphendula wathi:
“Nkosi yami, inceku yami[a] ya-
ngikhohlisa. Ngoba ngangithe,*
‘Mangibophele imbongolo yami
ukuze ngiyigibele ngihambe ne-
nkosi,’ ngoba ngikhubazeki-
le.#[b] **27** Kodwa yanginyunde-
la*[c] enkosini yami. Nokho, inko-
si yami injengengelosi kaNkulu-
nkulu weqiniso, ngakho unge-
nza noma yini ebonakala ilungi-
le kuwe. **28** Yonke indlu kaba-
ba ngabe yamane yanqunyelwa
ukufa yinkosi yami, kunalokho
wabeka inceku yakho phaka-
thi kwalabo abadla etafuleni la-
kho.[d] Ngakho nginalungelo lini
lokuphinde ngikhalele inkosi?”

**29** Nokho, inkosi yathi kuye:
“Sekwanele lokhu okushilo.
Senginqume ukuthi wena no-
Ziba kufanele nihlukanisela-
ne ngendawo.”[e] **30** UMefibho-
sheti wathi enkosini: “Makayi-
thathe yonke, njengoba inko-
si yami isibuyele emzini wayo
ngokuthula.”

**31** UBharizilayi[f] waseGile-
yadi wehlela eJordani eve-
la eRogelimi ukuze aphele-
zele inkosi ayoyibeka eJor-
dani. **32** UBharizilayi waye-
semdala kakhulu, eneminya-
ka engu-80 ubudala, waye-
nike inkosi ukudla ngesikha-
thi ihlala eMahanayimi,[g] ngoba
wayecebe kakhulu. **33** Nga-
kho inkosi yathi kuBharizilayi:
“Wela kanye nami, ngizokunika
ukudla eJerusalema.”[h] **34** Ko-
dwa uBharizilayi wathi enkosi-
ni: “Zingaki nje izinsuku* ezise-
le engisazoziphila, ukuba ngi-
nganyuka nenkosi ngiye eJe-
rusalema? **35** Sengineminya-
ka engu-80 ubudala manje.[i]
Ngisengakwazi yini ukuhluka-
nisa phakathi kokuhle noku-
bi? Mina nceku yakho ngise-
ngakwazi yini ukuzwa ukuna-
mbitheka kwalokho engikudla-
yo nengikuphuzayo? Ngisenga-
lilalela yini izwi labahlabeleli
besilisa nabesifazane?[a] Pho
kungani inceku yakho kufa-
nele ibe umthwalo enkosi-
ni yami? **36** Kwanele ukuthi
inceku yakho ikwazile ukuphe-
lezela inkosi yazoyibeka eJo-
rdani. Kungani inkosi kufa-
nele ingibuyisele ngalo mvuzo?
**37** Ngiyacela, vumela inceku
yakho ibuyele emuva, ngifele
edolobheni lakithi eduze na-
mathuna kababa nomama.[b] Ko-
dwa nayi inceku yakho uKimi-
hamu.[c] Mayiwele nenkosi yami,
ungayenzela lokho okubonaka-
la kukuhle kuwe.”

**38** Ngakho inkosi yathi:
“UKimihamu uzowela nami,
ngizomenzela lokho okubona-
kala kukuhle kuwe; noma yini
oyicelayo ngizoyenza.” **39** Bo-
nke abantu bawela iJordani, la-
pho inkosi iwela, inkosi yaqa-
bula uBharizilayi[d] yambusi-
sa; ngemva kwalokho uBhari-
zilayi wabuyela emzini wa-
khe. **40** Lapho inkosi iwele-
la eGiligali,[e] uKimihamu wa-
wela kanye nayo. Bonke aba-
ntu bakwaJuda nengxenye ya-
bantu bakwa-Israyeli, bayiwe-
za inkosi.[f]

**41** Ngemva kwalokho, bo-
nke abantu bakwa-Israyeli beza
enkosini, bathi kuyo: “Kunga-
ni abafowethu, amadoda akwa-
Juda, beyebile inkosi bayiwe-
za iJordani nabendlu yayo, ba-
weza nawo wonke amadoda ka-
Davide?”[g] **42** Wonke amadoda
akwaJuda aphendula amado-
da akwa-Israyeli, athi: “Yingo-
ba inkosi ihlobene nathi.[h] Ku-
ngani lokhu kunithukuthelisa?

**ISAHL. 19**
a 2Sa 9:9
b 2Sa 4:4
c Lev 19:16; 2Sa 16:3
d 2Sa 9:7-10
e 2Sa 16:4
f 2Sa 17:27-29; 1Kh 2:7
g IzA 3:27
h IzA 11:25
i Hu 90:10

**Uhla 2**
a Shu 2:8
b Gen 50:13
c 1Kh 2:7
d Gen 31:55; 1Sa 20:41; IzE 20:37
e 1Sa 11:14
f 2Sa 2:4
g Hlu 8:1; Hlu 12:1; 2Sa 19:15
h Hu 78:68, 70

**19:26** *NgesiHebheru, “inceku yakho yayithe.” #NgesiHebheru, “inceku yakho ilunyonga.” **19:27** *NgesiHebheru, “yayinyundela inceku yakho.” **19:34** *NgesiHebheru, “izinsuku zeminyaka.”

Ingabe kukhona esike saku-
dla ngezindleko zenkosi, noma
ingabe sikhona isipho esisiniki-
we?”
43 Nokho amadoda akwa-
Israyeli aphendula amadoda
akwaJuda, athi: “Siyizizwe ezi-
yishumi, ngakho thina sinama-
lungelo amaningi kuDavide ku-
nani. Pho, kungani nisidelelile?
Bekungafanele yini sibe ngabo-
kuqala ukubuyisa inkosi?” Ko-
dwa izwi lamadoda akwaJuda
laba nesisindo* kunezwi lama-
doda akwa-Israyeli.

**20** Kwakukhona umuntu
owuhlupho okwakuthi-
wa nguSheba,[a] indodana ka-
Bikri, umBhenjamini. Washa-
ya uphondo[b] wathi: “Asinasa-
belo kuDavide, asinafa endo-
daneni kaJese.[c] O Israyeli, yi-
lowo nalowo makaye konkulu-
nkulu bakhe!”*[d]
2 Ngenxa ya-
lokho wonke amadoda akwa-
Israyeli ayeka ukulandela uDa-
vide alandela uSheba indo-
dana kaBikri;[e] kodwa amadoda
akwaJuda anamathela enkosi-
ni yawo, kusukela eJordani
kuya eJerusalema.[f]
3 Lapho uDavide efika emzi-
ni* wakhe eJerusalema,[g] inko-
si yathatha izancinza eziyishu-
mi eyayizishiye ngemuva uku-
ba zinakekele umuzi,[h] yazifa-
ka endlini yabeka onogada. Ya-
yizinika ukudla, kodwa ayiza-
nge ilale nazo.[i] Zahlala zivale-
lwe kwaze kwaba usuku lokufa
kwazo, zinjengabafelokazi na-
kuba zazinomyeni ophilayo.
4 Inkosi yayisithi ku-Ama-
sa:[j] “Biza amadoda akwaJu-
da eze kimi zingakapheli izi-
nsuku ezintathu, nawe ku-
fanele ube khona.”
5 Ngakho
u-Amasa wahamba wayoqo-
qa uJuda, kodwa wabuya sesi-
dlulile isikhathi ayesibekelwe.
6 UDavide wathi ku-Abhisha-
yi:[a] “USheba[b] indodana kaBi-
kri angase abe yingozi ka-
khulu kithi kuno-Absalomu.[c]
Thatha izinceku zenkosi ya-
kho umjahe, ukuze angazi-
tholeli amadolobha anezivike-
lo eziqinile bese ephunyuka.”
7 Ngakho izinsizwa zikaJowa-
be,[d] amaKhereti, amaPheleti[e]
nawo wonke amadoda anama-
ndla baphuma bamlandela; ba-
phuma eJerusalema ukuze ba-
jahe uSheba indodana kaBikri.
8 Lapho sebeseduze netshe
elikhulu eliseGibheyoni,[f] kwa-
fika u-Amasa[g] ezobahlangabe-
za. UJowabe wayegqoke ize-
mbatho zempi, egaxe inkemba
okhalweni lwakhe isesikhwa-
meni sayo. Lapho esondela,
wawisa inkemba yakhe.
9 UJowabe wathi ku-Ama-
sa: “Usaphila mfowethu?”
Khona-ke uJowabe waba-
mba intshebe ka-Amasa nge-
sandla sakhe sokudla nje-
ngokungathi ufuna ukumqabu-
la.
10 U-Amasa wayengayiqa-
phele inkemba eyayisesandle-
ni sikaJowabe, ngakho uJo-
wabe wamgwaza ngayo esi-
swini,[h] amathumbu akhe achi-
thekela emhlabathini. Akudi-
ngekanga ukuba amphinde;
ukumgwaza kanye kwakwane-
le ukuba ambulale. Ngemva
kwalokho uJowabe no-Abhi-
shayi umfowabo, bajaha uShe-
ba indodana kaBikri.
11 Enye yezinsizwa zikaJo-
wabe yama ngaku-Amasa yathi:
“Noma ubani ongasohlangothi-
ni lukaJowabe nanoma uba-
ni ongokaDavide, makalandele
uJowabe!”
12 Phakathi naso
sonke leso sikhathi u-Amasa

---

**19:43** *Noma, “namandla.” **20:1** *Noma kungaba, “makaye ematendeni akhe.” **20:3** *Noma, “esigodlweni.”

---

**ISAHL. 20**
a 2Sa 20:21
b Hlu 3:26, 27; 2Sa 15:10
c 2Sa 19:43
d 1Kh 12:16
e IzA 24:21
f 2Sa 19:15; 2Sa 19:41, 42
g 2Sa 5:11
h 2Sa 15:16
i 2Sa 16:21, 22
j 2Sa 17:25; 2Sa 19:13; 1Kr 2:17

**Uhla 2**
a 1Sa 26:6; 2Sa 10:10; 2Sa 23:18; 1Kr 18:12
b 2Sa 20:1
c 2Sa 15:12
d 2Sa 8:16
e 2Sa 8:18; 2Sa 15:18; 1Kh 1:38
f Jos 18:21, 25; Jos 21:8, 17
g 2Sa 17:25; 2Sa 19:13
h 2Sa 3:27; 1Kh 2:5

wayepaquza egazini phakathi
nomgwaqo. Lapho le nsizwa
ibona ukuthi bonke abantu ba-
bema lapho befika ngakuye,
yamsusa u-Amasa emgwaqwe-
ni yambeka esigangeni, nge-
mva kwalokho yaphonsa ingu-
bo phezu kwakhe. **13** Lapho
isimsusile emgwaqweni, wo-
nke amadoda alandela uJowa-
be ukuze ajahe uSheba[a] indo-
dana kaBikri.

**14** USheba wadabula kuzo
zonke izizwe zakwa-Israyeli
waze wafika e-Abela laseBheti-
mahakha.[b] AmaBikri abutha-
na ndawonye amlandela nawo
angena kulelo dolobha.

**15** UJowabe namadoda aye-
kanye naye* bafika bamvi-
mbezela e-Abela laseBheti-ma-
hakha, banqwabelanisa inhla-
bathi ngasodongeni lwedolo-
bha ukuze balihlasele, njengo-
ba lalizungezwe udonga. Wo-
nke amadoda ayenoJowabe
ayemba ngaphansi kodonga
ukuze aluwise. **16** Owesifaza-
ne othile ohlakaniphile wame-
meza esedolobheni wathi: "La-
lelani, madoda, lalelani! Ngice-
la nithi kuJowabe, 'Woza lapha
ngikhulume nawe.'" **17** Nga-
kho wasondela kuye, owesifa-
zane wathi: "Ingabe nguwe-
na uJowabe?" UJowabe wa-
thi: "Yebo yimina." Owesifaza-
ne wathi kuye: "Lalela amazwi
encekukazi yakho." Yena wa-
thi: "Ngilalele." **18** Waqhube-
ka wathi: "Endulo babevame
ukuthi, 'Mabayobuza e-Abela,'
kanjalo izinkinga zabo zazi-
xazululeka. **19** Ngimelela aba-
nokuthula nabathembekile ba-
kwa-Israyeli. Wena ufuna uku-
bhubhisa idolobha elinjengo-
mama kwa-Israyeli. Kungani
kufanele ushabalalise* ifa li-
kaJehova?"[a] **20** UJowabe wa-
phendula wathi: "Anginakulo-
kotha ngilishabalalise noma
ngiliqothule. **21** Akuyona ne-
ze inhloso yami leyo. Kunalo-
kho, indoda okuthiwa nguShe-
ba[b] yasezintabeni zakwa-Efra-
yimi[c] indodana kaBikri, ivuke-
le* iNkosi uDavide. Uma niyi-
nikela leyo ndoda, yona yo-
dwa nje, ngizoliyeka idolobha."
Owesifazane wathi kuJowa-
be: "Ikhanda layo lizophonswa
kuwe ngaphandle kodonga!"

**22** Ngaso leso sikhathi lona
wesifazane ohlakaniphile waya
kubo bonke abantu, balinqu-
ma ikhanda likaSheba indoda-
na kaBikri baliphonsa kuJowa-
be. Ngemva kwalokho uJowa-
be washaya uphondo, base be-
hlakazeka bahamba kulelo do-
lobha, ngamunye waya ekha-
ya;[d] uJowabe wabuyela eJeru-
salema enkosini.

**23** UJowabe wayeyinduna
yalo lonke ibutho lakwa-Israye-
li;[e] uBhenaya[f] indodana kaJe-
hoyada[g] wayengamele amaKhe-
reti namaPheleti.[h] **24** U-Ado-
ramu[i] wayengamele labo aba-
buthelwe ukwenza umsebenzi
wenkosi; uJehoshafati[j] indo-
dana ka-Ahiludi wayengum-
gcini-mibhalo. **25** USheva wa-
yengunobhala; uZadoki[k] no-
Abhiyathara[l] babengabapristi.
**26** U-Ira umJayire naye waba
yisikhulu esivelele* sikaDa-
vide.

# 21

**21** Kwaba khona indlala[m]
ezinsukwini zikaDavide
iminyaka emithathu ilande-
lana, ngakho uDavide wabu-
za kuJehova, uJehova wathi:

**ISAHL. 20**
*a* 2Sa 20:1
*b* 1Kh 15:20; 2Kh 15:29

**Uhla 2**
*a* Eks 19:5; Dut 32:9
*b* 2Sa 20:1
*c* Jos 17:14, 15; Hlu 2:8, 9
*d* Shu 9:14, 15; Shu 9:18
*e* 2Sa 8:16; 2Sa 19:13
*f* 2Sa 23:20; 1Kr 27:5
*g* 1Kr 12:27
*h* 2Sa 8:18; 2Sa 15:18; 1Kh 1:38, 44
*i* 1Kh 4:6; 1Kh 12:18
*j* 1Kh 4:3
*k* 2Sa 15:27
*l* 2Sa 17:15; 2Sa 19:11; 1Kh 4:4

**ISAHL. 21**
*m* Lev 26:18, 20

**20:15** *NgesiHebheru, "Bona."
**20:19** *NgesiHebheru, "ugwinye." **20:21** *NgesiHebheru, "iphakamise isandla sayo." **20:26** *NgesiHebheru, "waba umpristi."

"Kunecala legazi kuSawule na-
sendlini yakhe, ngoba wabu-
lala abaseGibheyoni."[a] **2** Nga-
kho inkosi yabiza abaseGibhe-
yoni[b] yakhuluma nabo. (Abase-
Gibheyoni babengewona ama-
Israyeli, kodwa babengama-
Amori[c] ayesele, ama-Israyeli
ayefungile ukuthi ngeke aba-
bulale,[d] kodwa uSawule wafu-
na ukubabulala lapho eshise-
kela abantu bakwa-Israyeli no-
Juda.) **3** UDavide wathi kwa-
baseGibheyoni: "Nginenzeleni,
yini engingahlawula ngayo,
ukuze nibusise ifa likaJeho-
va?" **4** AbaseGibheyoni bathi
kuye: "Ngokuphathelene no-
Sawule nendlu yakhe, akuyo-
na indaba yesiliva noma ye-
golide[e] kithi; asikwazi nokubu-
lala muntu kwa-Israyeli." Wa-
phendula wathi: "Noma yini
eniyishoyo ngizonenzela yona."
**5** Bona bathi enkosini: "Umu-
ntu owasiqothula, waceba uku-
sibhuqa ukuze singahlali no-
maphi endaweni yakwa-Israye-
li[f]— **6** masinikwe amadodana
akhe ayisikhombisa. Sizolengi-
sa izidumbu zawo*[g] phambi ku-
kaJehova eGibheya[h] likaSawu-
le, owakhethwa uJehova uku-
ba abe yinkosi."[i] Inkosi yathi:
"Ngizoninika wona."

**7** Nokho, inkosi yaba nozwe-
la ngoMefibhosheti[j] indodana
kaJonathani indodana kaSa-
wule, ngenxa yesifungo uDavi-
de noJonathani[k] indodana ka-
Sawule ababesenze phambi
kukaJehova. **8** Ngakho inko-
si yathatha u-Arimoni noMe-
fibhosheti, amadodana amabi-
li kaRizpa,[l] indodakazi ka-Aya,
awazalela uSawule, namadoda-
na amahlanu kaMikhali*[a] indo-
dakazi kaSawule, awazalela
u-Adriyeli[b] indodana kaBhari-
zilayi waseMehola. **9** Wawani-
kela kwabaseGibheyoni, bale-
ngisa izidumbu zawo entabe-
ni phambi kukaJehova.[c] Wonke
lawa ayisikhombisa afa ndawo-
nye; abulawa ngezinsuku zoku-
qala zokuvuna, ekuqaleni ko-
kuvunwa kwebhali. **10** URiz-
pa[d] indodakazi ka-Aya wabe
esethatha indwangu yesaka
wazendlalela yona phezu kwe-
dwala kusukela ekuqaleni ko-
kuvuna kwaze kwana imvula;
akazivumelanga izinyoni zezu-
lu ukuba zihlale phezu kwawo
emini, nezilo zasendle ukuba
zisondele ebusuku.

**11** UDavide watshelwa nga-
lokho okwakwenziwe uRizpa
indodakazi ka-Aya, isancinza
sikaSawule. **12** Ngakho uDa-
vide wahamba wathatha ama-
thambo kaSawule namatha-
mbo kaJonathani indodana ya-
khe kubaholi* baseJabeshi-gi-
leyadi,[e] ababewebe esigcawini
saseBheti-shani, lapho amaFili-
sti ayebalengise khona ngosu-
ku amaFilisti ambulala ngalo
uSawule eGilibowa.[f] **13** Wa-
wakhuphula lapho amathambo
kaSawule namathambo kaJo-
nathani indodana yakhe, ba-
butha namathambo amadoda
ayebulewe.*[g] **14** Bawangcwa-
ba amathambo kaSawule naka-
Jonathani indodana yakhe
ezweni lakwaBhenjamini eZe-
la[h] ethuneni likaKishi[i] uyi-
se. Ngemva kokuba benze ko-
nke inkosi eyayikuyalile, uNku-
lunkulu wakulalela ukunxusela
kwabo izwe.[j]

**21:6** *NgesiHebheru, "Sizowabeka obala," okuwukuthi, esephulwe izingalo nemilenze.

**21:8** *Noma kungaba, "kaMerabi." **21:12** *Noma kungaba, "kubanikazi bendawo." **21:13** *NgesiHebheru, "ayebekwe obala."

ISAHL. 21
a Gen 9:6; Eks 20:13; Num 35:30, 33
b Jos 9:3, 27
c Gen 10:15, 16
d Jos 9:15
e Num 35:31
f 2Sa 21:1
g Num 25:4; Dut 21:22
h 1Sa 10:26
i 1Sa 9:17
j 2Sa 4:4; 2Sa 9:10; 2Sa 19:24
k 1Sa 18:3; 1Sa 20:42
l 2Sa 3:7

Uhla 2
a 1Sa 18:20; 1Sa 25:44; 2Sa 3:14; 2Sa 6:23
b 1Sa 18:19
c Num 35:31; Dut 19:21
d 2Sa 3:7
e 2Sa 2:5
f 1Sa 28:4; 1Sa 31:1; 1Sa 31:11, 12; 2Sa 1:6; 1Kr 10:8
g 2Sa 21:9
h Jos 18:28
i 1Sa 9:1; 1Sa 10:11
j Jos 7:24-26; 2Sa 24:25

**15** Kwaphinde kwaba nempi
phakathi kwamaFilisti nama-
Israyeli.[a] Ngakho uDavide nezi-
nceku zakhe behla bayolwa na-
maFilisti, kodwa uDavide wa-
khathala. **16** U-Ishibi-bheno-
bi, owayezalwa amaRefa,[b] owa-
yenomkhonto wethusi onesi-
sindo esingamashekeli angu-
300,*[c] futhi ehlome ngenke-
mba entsha, wayehlose ukubu-
lala uDavide. **17** Ngaso leso
sikhathi u-Abhishayi[d] indoda-
na kaZeruya wamsiza[e] wamsha-
ya lo mFilisti wambulala. Nga-
leso sikhathi amadoda kaDavi-
de afunga kuye, athi: "Akume-
le uphinde uphume kanye na-
thi uye empini![f] Akumele usici-
me isibani sika-Israyeli!"[g]

**18** Ngemva kwalokhu kwa-
phinde kwaba nempi kulwa
ama-Israyeli namaFilisti[h] eGo-
bi. Ngaleso sikhathi uSibheka-
yi[i] umHusha wabulala uSafi,
owayezalwa amaRefa.[j]

**19** Kwaphinde kwaba nenye
impi namaFilisti[k] eGobi, u-Eli-
hanani indodana kaJahare-ore-
gimi waseBhetlehema wabula-
la uGoliyati umGiti, owayenom-
khonto onomphini onjengogo-
do lohlaka lokweluka indwa-
ngu.[l]

**20** Kwaphinde kwaba nenye
impi eGati, lapho kwakunendo-
da ende ngendlela engavami-
le, eneminwe eyisithupha esa-
ndleni ngasinye nezinzwane
eziyisithupha onyaweni nga-
lunye, sekukonke kungu-24;
nayo futhi yayizalwa amaRe-
fa.[m] **21** Yayilokhu ichukulu-
za u-Israyeli.[n] Ngenxa yalokho
uJonathani indodana kaShime-
yi,[o] umfowabo kaDavide, wayi-
bulala.

**22** Laba abane babezalwa
amaRefa eGati, uDavide nezi-
nceku zakhe bababulala.[a]

**22** UDavide wahlabelelela
uJehova le ngoma,[b] mhla
uJehova emkhulule esandleni
sazo zonke izitha[c] zakhe nase-
sandleni sikaSawule.[d] **2** Wa-
thi:

"UJehova uyidwala lami
nesiphephelo sami[e]
noMkhululi wami.[f]

**3** UNkulunkulu wami uyi-
dwala lami,[g] ngiphephela
kuye,
Ihawu lami[h] nophondo*
lwami lwensindiso,# inda-
wo yami elondekile△[i]
Nendawo yami yokubaleke-
la,[j] umsindisi wami;[k] wena
ongisindisa ebudloveni.

**4** Ngibiza uJehova, ofanelwe
ukudunyiswa,
Ngizosindiswa ezitheni
zami.

**5** Amagagasi okufa angizu-
ngeza;[l]
Izikhukhula ezisheshayo
zabantu abangelusizo lwa-
lutho zangesabisa.[m]

**6** Izintambo zeThuna* zangi-
zungeza;[n]
Izicupho zokufa zabhekana
nami.[o]

**7** Ngambiza uJehova lapho
ngicindezelekile,[p]
Ngangilokhu ngimbiza
uNkulunkulu wami.
Walizwa izwi lami esethe-
mpelini lakhe,
Wakuzwa ukukhalela kwa-
mi usizo.[q]

---

**21:16** *Cishe u-3,42 kg. Bheka iSithasiselo B14.

**22:3** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. #Noma, "nomsindisi wami onamandla." △Noma, "ephakeme elondekile." **22:6** *Noma, "zeShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

---

ISAHL. 21
a 2Sa 5:17, 22
b Dut 2:11
c 1Sa 17:4, 7; 1Kr 11:23
d 2Sa 23:18, 19
e 2Sa 22:19
f 2Sa 18:3
g 1Kh 11:36; 1Kh 15:4; 2Kh 8:19
h 1Kr 20:4
i 1Kr 11:26, 29; 1Kr 27:1, 11
j Gen 14:5
k 1Kr 20:5
l 1Sa 17:4, 7
m 1Kr 20:6-8
n 1Sa 17:10, 45; 2Kh 19:22
o 1Sa 16:9; 1Sa 17:13; 1Kr 2:13

Uhla 2
a Hu 60:12

ISAHL. 22
b Eks 15:1; Hlu 5:1
c Hu 34:19
d 1Sa 23:14; Hu 18:0
e Hu 31:3
f Hu 18:2, 3
g Dut 32:4; 1Sa 2:1, 2
h Gen 15:1; Dut 33:29; Hu 3:3
i Hu 9:9; IzA 18:10
j Hu 59:16
k Isay 12:2; Luk 1:46, 47; Tit 3:4
l Hu 69:14
m Hu 18:4
n Hu 116:3, 4
o Hu 18:5
p Hu 142:1; Jon 2:2
q Eks 3:7; Hu 18:6; Hu 34:15

8 Umhlaba waqala ukunya-
kaza nokuzamazama uya
emuva naphambili;[a]
Izisekelo zamazulu zandi-
ndizela[b]
Zanyakaza ziya emuva na-
phambili ngoba wayethu-
kuthelisiwe.[c]
9 Kwaphuma intuthu ema-
khaleni akhe,
Kwaphuma nomlilo oqothu-
layo emlonyeni wakhe;[d]
Kwaphuma amalahle
avuthayo kuye.
10 Wagoba amazulu njengoba
ehla,[e]
Ifu elimnyama lalingapha-
nsi kwezinyawo zakhe.[f]
11 Weza endiza egibele
ikherubi.[g]
Wayebonakala ephezu
kwamaphiko esidalwa
somoya.*[h]
12 Wabe esezizungeza ngo-
bumnyama njengetende,[i]
Emanzini amnyama nase-
mafwini awugqinsi.
13 Ekukhanyeni okukhulu
okwakuphambi kwakhe
kwagqamuka amalahle
avuthayo.
14 UJehova waqala ukuduma
esezulwini;[j]
OPhezukonke wenza izwi
lakhe lezwakala.[k]
15 Wacibishela imicibisholo
yakhe[l] wahlakaza izitha;
Umbani, ukuze azididize-
lise.[m]
16 Kwakhanya phansi
olwandle;[n]
Izisekelo zezwe zahlala
obala ngokukhuza
kukaJehova,
Ngokufutha komoya wama-
khala akhe.[o]
17 Welula isandla sakhe
ephezulu;
Wangibamba wangikhipha
emanzini ajulile.[a]
18 Wangikhulula esitheni sami
esinamandla,[b]
Kulabo abangizondayo,
ababenamandla kunami.
19 Bamelana nami ngosuku
lwenhlekelele yami,[c]
Kodwa uJehova wangise-
kela.
20 Wangikhiphela endaweni
ephephile;*[d]
Wangikhulula ngoba waye-
jabule ngami.[e]
21 UJehova ungivuza ngenxa
yokuthi ngenze ngokulu-
nga;[f]
Ungibuyisela ngenxa yobu-
msulwa bezandla zami.*[g]
22 Ngoba ngizigcinile izindlela
zikaJehova,
Angizange ngokukhohlaka-
la ngimshiye uNkulunku-
lu wami.
23 Ngiyayikhumbula yonke
imiyalo yakhe;[h]
Ngeke ngiphambuke
emthethweni wakhe.[i]
24 Ngizohlale
ngingenaphutha[j] phambi
kwakhe,
Ngizokugwema ukwenza
isono.[k]
25 Kwangathi uJehova anga-
ngibuyisela ngenxa yoku-
thi ngenze ngokulunga,[l]
Ngenxa yobumsulwa bami
phambi kwakhe.[m]
26 Koqotho wena wenza
ngobuqotho;[n]
Indoda enamandla nenge-
naphutha, usebenzelana
nayo ngokungenaphutha;[o]
27 Komsulwa uzibonakalisa
umsulwa,[p]

ISAHL. 22
a Hlu 5:4
b Job 26:11
c Hu 18:7-12; Hu 77:18
d Isay 30:27
e Hu 144:5; Isay 64:1
f Dut 4:11; 1Kh 8:12; Hu 18:9; Hu 97:2
g 1Sa 4:4; Hu 80:1; Hu 99:1
h Heb 1:7
i Job 36:29
j Eks 19:16; 1Sa 2:10
k Hu 18:13-16; Isay 30:30
l Hu 7:13; Hu 77:17
m Hu 144:6
n Eks 14:21; Hu 106:9; Hu 114:3
o Eks 15:8

Uhla 2
a Hu 18:16-19; Hu 124:2-4; Hu 144:7
b Hu 3:7; Hu 56:9
c 1Sa 19:11; 1Sa 23:26; 2Sa 15:10
d Hu 31:8
e Hu 149:4
f 1Sa 26:23; 1Kh 8:32
g Hu 18:20-24; Hu 24:3, 4
h Dut 6:1; Hu 19:9
i Dut 8:11
j Hu 84:11
k Hu 18:23; IzA 14:16
l Job 34:11; Isay 3:10; Heb 11:6
m Hu 18:24; IzA 5:21
n Hu 37:28; Hu 97:10
o Hu 18:25-30
p Mat 5:8; 1Pe 1:16

**22:11** *Noma, "kwamaphiko omoya."
**22:20** *Noma, "endaweni evulekile."
**22:21** *NgesiHebheru, "ngokokuhlanzeka kwami."

Kodwa koyiqili uzibonakalisa unokuqonda.*[a]
28 Ngoba uyabasindisa abathobekile,[b]
Kodwa amehlo akho amelene nabaziphakamisayo, futhi uyabathobisa.[c]
29 Ngoba uyisibani sami, Jehova;[d]
NguJehova oguqula ubumnyama obungizungezile bube ukukhanya.[e]
30 Ngosizo lwakho ngingajaha iviyo lababaphangi;
Ngamandla kaNkulunkulu ngingacaca udonga.[f]
31 Indlela kaNkulunkulu weqiniso iphelele;*[g]
Izwi likaJehova licwengekile.[h]
Uyihawu labo bonke abaphephela kuye.[i]
32 Ngoba ubani onguNkulunkulu ngaphandle kukaJehova?[j]
Ubani oyidwala ngaphandle kukaNkulunkulu wethu?[k]
33 UNkulunkulu weqiniso uyinqaba yami eqinile,[l]
Uzokwenza indlela yami iqonde.[m]
34 Wenza izinyawo zami zibe njengezenyamazane;
Ungimisa ezindaweni eziphakeme.[n]
35 Izandla zami uziqeqeshela impi;
Izingalo zami zingagobisa umnsalo wethusi.
36 Unginika ihawu lakho lensindiso,
Ukuthobeka kwakho kungenza ngibe mkhulu.[o]
37 Uyenza ibe banzi indlela engihamba kuyo;
Izinyawo zami* ngeke zishelele.[a]
38 Ngiyozijaha izitha zami, ngizibhuqe;
Ngeke ngibuye kuze kube yilapho seziqothuliwe.
39 Ngiyoziqothula ngiziphihlize, ukuze zingavuki;[b]
Ngiyozinqoba.*
40 Uyongipha amandla okulwa empini;[c]
Uyokwenza izitha zami ziwe phambi kwami.[d]
41 Uyokwenza izitha zami zingibalekele;*[e]
Ngiyobaqeda# labo abangizondayo.[f]
42 Bakhalela usizo, kodwa akekho ozobasindisa;
Bakhala ngisho nakuJehova, kodwa akabaphenduli.[g]
43 Ngiyobagaya bacoliseke njengothuli lomhlabathi;
Ngiyobagxoba ngibanyathele njengodaka emigwaqweni.
44 Uyongikhulula kubantu bakithi ababheka amaphutha.[h]
Uyongilonda ukuze ngibe yinhloko yezizwe;[i]
Isizwe engingazange ngisazi siyongikhonza.[j]
45 Abezinye izizwe bayoza kimi bethothobele;[k]
Izinto abazizwayo ngami ziyobenza bangilalele.*
46 Abezinye izizwe bayokwesaba;*
Bayoza bethuthumela bevela ezindaweni zabo ezivikelekile.

ISAHL. 22
a Hu 125:5
b Job 34:28
c Dan 4:37; 1Pe 5:5
d Hu 27:1
e Hu 97:11
f Hu 18:29; Flp 4:13; Heb 11:33, 34
g Dut 32:4
h Hu 12:6; IzA 30:5
i Hu 35:2; Hu 91:4
j Isay 44:6
k Dut 32:31; Hu 18:31-42
l Hu 27:1; Isay 12:2
m Isay 26:7
n Isay 33:15, 16; Hab 3:19
o Hu 18:35; Hu 113:6-8

Uhla 2
a Hu 17:5
b Eks 14:13
c 1Sa 23:5
d 1Sa 17:49; Hu 44:3, 5
e Gen 49:8
f Hu 18:40
g 1Sa 28:6; IzA 1:28; Isay 1:15; Mik 3:4
h 1Sa 30:6; 2Sa 15:12
i 2Sa 8:3; Hu 2:8; Hu 60:8
j Hu 18:43-45
k Dut 33:29

**22:27** *Noma kungaba, "wenza njengokungathi uyisiwula." **22:31** *Noma, "ayinaphutha."

**22:37** *Noma, "Amaqakala ami." **22:39** *Noma, "Ziyowa bese ngizinyathela." **22:41** *Noma, "Uyonginika umhlane wezitha zami." #NgesiHebheru, "Ngiyobathulisa." **22:45** *NgesiHebheru, "Lapho indlebe izwa, bayongilalela." **22:46** *Noma, "bayonyamalala."

47 UJehova uyaphila! Malidunyiswe iDwala lami![a]
Makaphakanyiswe uNkulunkulu wedwala lensindiso yami.[b]
48 UNkulunkulu weqiniso uyangiphindiselela;[c]
Uthobisa izizwe ngaphansi kwami;[d]
49 Uyangikhulula ezitheni zami.
Ungiphakamisa[e] ngibe ngaphezu kwalabo abangihlaselayo;
Uyangisindisa kumuntu onodlame.[f]
50 Yingakho ngizokubonga phakathi kwezizwe Jehova,[g]
Ngizolihubela izingoma zokudumisa* igama lakho:[h]
51 Wenzela inkosi yakhe izenzo ezinkulu zokusindisa*[i]
Ubonisa uthando oluqotho kogcotshiwe wakhe,
KuDavide nasenzalweni# yakhe kuze kube phakade."[j]

23 Lawa ngamazwi okugcina kaDavide:[k]
"Amazwi kaDavide indodana kaJese,[l]
Namazwi endoda ekhazinyulisiwe,[m]
Ogcotshiwe[n] kaNkulunkulu kaJakobe,
Umhlabeleli othandekayo* wezingoma[o] zakwa-Israyeli.
2 Umoya kaJehova wakhuluma ngami;[p]
Izwi lakhe lalisolimini lwami.[q]
3 UNkulunkulu ka-Israyeli wakhuluma;
IDwala lika-Israyeli[a] lathi kimi:
'Lapho umuntu obusa phezu kwesintu elungile,[b]
Ebusa ngokwesaba uNkulunkulu,[c]
4 Kunjengokukhanya kokusa lapho ilanga liphuma,[d]
Ukusa okungenamafu.
Kunjengokukhanya ngemva kwemvula,
Okwenza kuhlume utshani emhlabeni.'[e]
5 Ayinjalo yini indlu yami phambi kukaNkulunkulu?
Ngoba wenze isivumelwano saphakade nami,[f]
Esihlelwe kahle senziwa salondeka.
Ngoba sisho ukusindiswa kwami ngokuphelele nayo yonke injabulo yami,
Yingakho esiphumelelisa.[g]
6 Kodwa abantu abangelusizo lwalutho balahlwa bonke[h] njengezihlahla ezinameva,
Ngoba azinakuthathwa ngesandla.
7 Lapho umuntu ezithinta,
Kufanele abe ehlome ngokuphelele ngensimbi nangomphini womkhonto,
Kufanele zishiswe ngomlilo ziphele endaweni yazo."

8 Yilawa amagama amaqhawe kaDavide anamandla:[i] UJo-
shebi-bashebeti umTahekemo-
ni, inhloko yalaba abathathu.[j]
Wabulala amadoda angu-800
ngomkhonto ngasikhathi sinye.
9 Wayelandelwa u-Eleyazare[k]
indodana kaDodo[l] indodana ka-
Ahohi owayephakathi kwama-
qhawe amathathu anamandla
ayekanye noDavide lapho be-
klolodela amaFilisti. Ayebuthe-

22:50 *Noma, "Ngizoliculela ngilidlalele izinsimbi zomculo." 22:51 *Noma, "ukunqoba okukhulu." #NgesiHebheru, "nasembewini." 23:1 *Noma, "Umuntu othandekayo."

ISAHL. 22
a Dut 32:4
b Hu 18:46; Hu 89:26
c 1Sa 25:29; 2Sa 18:19
d Hu 18:47; Hu 110:1; Hu 144:1, 2
e 2Sa 5:12; 2Sa 7:9
f Hu 18:48
g Dut 32:43; Hu 117:1
h 1Kr 16:9; Hu 145:2; Rom 15:9
i Hu 2:6; Hu 21:1
j Hu 89:20, 29; Luk 1:32, 33

ISAHL. 23
k Gen 49:1; Dut 33:1
l 1Sa 17:58; Mat 1:6
m 2Sa 7:8
n 1Sa 16:13
o 1Kr 16:9
p Mar 12:36; 2Ti 3:16
q IzE 1:16; 2Pe 1:21

Uhla 2
a Dut 32:4; Hu 144:1
b IzA 29:2; Isay 9:7; Isay 32:1
c Eks 18:21; Isay 11:3
d Mal 4:2; Mat 17:2; IsA 1:16
e Hu 72:1, 6
f 2Sa 7:16, 19; 1Kr 17:11; Hu 89:3; Hu 89:28, 29; Hu 132:11
g Isay 9:7; Isay 11:1; Amo 9:11
h Hu 37:10
i 2Sa 10:7; 2Sa 20:7; 1Kr 11:10
j 1Kr 11:11
k 1Kr 11:12-14
l 1Kr 27:1, 4

ne lapho ezolwa, ngakho lapho
amadoda akwa-Israyeli ebale-
ka, **10** yena akazange abale-
ke, waqhubeka ewabulala ama-
Filisti ingalo yakhe yaze yakha-
thala nesandla sakhe saze sa-
namathela enkembeni[a] yakhe.
Ngakho uJehova wabangela
ukunqoba okukhulu* ngalolo
suku;[b] abantu bajika babuyela
kuye ukuze bahlubule ababu-
lewe.

**11** Wayelandelwa uShamu-
maha indodana ka-Age umHa-
rari. AmaFilisti aqoqana eLehi,
lapho kwakukhona insimu eya-
yigcwele udali; abantu babale-
ka ngenxa yamaFilisti. **12** Ko-
dwa yena wama phakathi ne-
nsimu wayilwela, waqhubeka
ebulala amaFilisti, uJehova wa-
benza banqoba.*[c]

**13** Abathathu ezinduneni
ezingu-30 behla ngesikhathi
sokuvuna baya kuDavide emge-
deni wase-Adulamu,[d] amaFili-
sti ayemise amatende eSigodi-
ni SamaRefa.[e] **14** Ngaleso si-
khathi uDavide wayesenqa-
beni,[f] ibutho lamaFilisti lise-
Bhetlehema. **15** UDavide wa-
thi: "Uma nje ngingaphuza
amanzi omthombo osesangwe-
ni laseBhetlehema ngingajabu-
la kakhulu!" **16** Lapho ezwa
lokho, la maqhawe amatha-
thu afohla angena ekamu lama-
Filisti akha amanzi emthonje-
ni owawungasesangweni lase-
Bhetlehema awaletha kuDavi-
de; kodwa wenqaba ukuwaphu-
za, wawathululela phansi em-
hlabathini phambi kukaJeho-
va.[g] **17** Wathi: "Angisoze nga-
kwenza lokhu Jehova! Ingabe
kufanele ngiphuze igazi[h] lama-
doda abeke ukuphila kwawo*
engozini?" Ngakho wenqaba
ukuwaphuza. Lezi yizinto eze-
nziwa amaqhawe akhe amatha-
thu anamandla.

**18** U-Abhishayi[a] umfowabo
kaJowabe indodana kaZeruya,[b]
wayeyinhloko yabanye aba-
thathu; wabulala abangaphe-
zu kuka-300 ngomkhonto, fu-
thi wayenedumela elinjengela-
bokuqala abathathu.[c] **19** Na-
kuba ayevelele kulaba abanye
abathathu futhi eyinduna yabo,
akazange afike ezingeni labo-
kuqala abathathu.

**20** UBhenaya[d] indodana ka-
Jehoyada wayeyindoda enesi-
bindi* eyenza izenzo eziningi
zobuqhawe eKabiziyeli.[e] Wabu-
lala amadodana amabili ka-
Ariyeli wakwaMowabi, we-
hlela emgodini wamanzi ngo-
lunye usuku likhithika wa-
bulala ibhubesi.[f] **21** Wabulala
nomGibhithe owayemude nge-
ndlela engavamile. Nakuba lo
mGibhithe ayephethe umkho-
nto, waya kuye ephethe indu-
ku wafike wahlwitha umkho-
nto esandleni somGibhithe, wa-
mbulala ngomkhonto wakhe.
**22** Lezi zinto zenziwa uBhena-
ya indodana kaJehoyada, wa-
yenedumela elifana nelama-
qhawe amathathu anamandla.
**23** Nakuba ayevelele ngisho
nakakhulu kunalaba abanga-
mashumi amathathu, akazange
afike ezingeni lalaba bokuqala
abathathu. Nokho, uDavide wa-
mmisa ukuba aphathe onogada
bakhe.

**24** U-Asaheli[g] umfowabo ka-
Jowabe wayephakathi kwa-
bangu-30: u-Elihanani indoda-
na kaDodo waseBhetlehema,[h]
**25** uShamumaha umHarodi,
u-Elika umHarodi, **26** uHele-
zi[i] umPhaliti, u-Ira[j] indodana

---

**23:10** *Noma, "insindiso enkulu." **23:12** *Noma, "wabalethela insindiso enkulu." **23:17** *Noma, "imiphefumulo yawo."

**23:20** *NgesiHebheru, "wayeyindodana yendoda eyiqhawe."

---

ISAHL. 23
- a Hlu 8:4
- b Hlu 15:14, 16; 1Sa 14:6; 1Sa 19:5
- c Hu 3:8; Hu 44:3
- d Jos 15:20, 35; 1Sa 22:1
- e Jos 15:1, 8; 2Sa 5:22; 1Kr 11:15-19
- f 1Sa 22:1, 4; 1Kr 12:16
- g Lev 9:9; Lev 17:13
- h Gen 9:4; Lev 17:10

Uhla 2
- a 1Sa 26:6; 2Sa 21:17
- b 2Sa 2:18; 1Kr 2:15, 16
- c 1Kr 11:20, 21
- d 2Sa 8:18; 2Sa 20:23; 1Kh 1:8; 1Kh 2:29; 1Kr 27:5, 6
- e Jos 15:21
- f 1Kr 11:22-25; IzA 30:30
- g 2Sa 2:18, 23; 1Kr 2:15, 16; 1Kr 27:1, 7
- h 1Kr 11:26-41
- i 1Kr 27:1, 10
- j 1Kr 27:1, 9

ka-Ikheshi waseThekhowa,
**27** u-Abhi-ezeri[a] umAnatho-
ti,[b] uMebunayi umHushati,
**28** uZalimoni umAhohi, uMa-
harayi[c] umNethofa, **29** uHele-
bi indodana kaBhahana
umNethofa, u-Ithayi indo-
dana kaRibayi waseGibheya
lakwaBhenjamini, **30** uBhe-
naya[d] umPirathoni, uHidayi
wasemihosheni* yaseGahashi,[e]
**31** u-Abhi-aliboni umAraba,
u-Azimaveti umBhaharumi,
**32** u-Eliyaba umShahaliboni,
amadodana kaJasheni, uJona-
thani, **33** uShamumaha um-
Harari, u-Ahiyamu indodana
kaSharari umHarari, **34** u-Eli-
feleti indodana ka-Ahashibayi
indodana yomuntu waseMaha-
khati, u-Eliyamu indodana ka-
Ahithofeli[f] waseGilo, **35** uHe-
ziro umKarmeli, uPhaharayi
umArabi, **36** u-Igali indodana
kaNathani waseZoba, uBhani
wakwaGadi, **37** uZeleki um-
Amoni, uNaharayi waseBheye-
roti, isikhonzi esiphatha izikha-
li zikaJowabe indodana kaZe-
ruya, **38** u-Ira umIthire, uGa-
rebi umIthire[g] **39** no-Uriya[h]
umHeti—babengu-37 sebebo-
nke.

**24** Intukuthelo kaJehova ya-
phinde yamvuthela u-Is-
rayeli,[i] lapho othile ekhutha-
za uDavide* ukuba amelane ne-
sizwe, ethi: "Hamba uyoba-
la[j] u-Israyeli noJuda."[k] **2** Nga-
kho inkosi yathi kuJowabe[l]
induna yebutho lempi: "Ngice-
la uye kuzo zonke izizwe zakwa-
Israyeli, kusukela kwaDani kuze
kube seBheri-sheba,[m] ubhalise
abantu, ukuze ngazi inani labo."
**3** Kodwa uJowabe wathi enko-
sini: "Kwangathi uJehova uNku-
lunkulu wakho angandisa aba-
ntu ngokuphindwe izikhathi ezi-
yikhulu, kwangathi namehlo
enkosi yami angakubona lokho,
kodwa kungani inkosi yami ifu-
na ukwenza into enje?"
**4** Kodwa izwi lenkosi laba
namandla kunelikaJowabe nezi-
nduna zebutho lempi. Ngakho
uJowabe nezinduna zebutho le-
mpi baphuma phambi kwe-
nkosi bayobhalisa abantu ba-
kwa-Israyeli.[a] **5** Bawela iJorda-
ni bamisa amatende e-Arowe-
ri,[b] ngakwesokudla* sedolo-
bha maphakathi nesigodi,# baya
ngakwaGadi, base bedlulela
eJazeri.[c] **6** Ngemva kwalokho,
baqhubekela kwaGileyadi[d] nase-
zweni laseTahetimi-hodishi ba-
qhubekela eDani-jahani bazu-
ngeza baya eSidoni.[e] **7** Ukusu-
ka lapho baya enqabeni ya-
seThire[f] nakuwo wonke ama-
dolobha amaHivi[g] nawamaKha-
nani baze bayophelela eNege-
bhi[h] lakwaJuda eBheri-sheba.[i]
**8** Kanjalo balihamba lonke izwe
bafika eJerusalema ekuphele-
ni kwezinyanga ezingu-9 ne-
zinsuku ezingu-20. **9** UJowa-
be wabe esenika inkosi inani la-
bantu ababebhalisiwe. U-Israyeli
wayenamaqhawe angu-800 000
ahlome ngezinkemba, amadoda
akwaJuda ayengu-500 000.[j]
**10** Kodwa uDavide washa-
ywa unembeza* wazisola[k] nge-
mva kokubala abantu. UDavide
wabe esethi kuJehova: "Ngone[l]
kakhulu ngalokhu engikwenzi-
le. Manje, Jehova, ngicela uthe-
thelele isiphambeko senceku ya-
kho,[m] ngoba ngenze ubuwula
obukhulu."[n] **11** Lapho uDavide
evuka ekuseni, izwi likaJe-
hova lafika kuGadi[o] umprofe-
thi, umboni kaDavide wemibo-

**ISAHL. 23**
*a* 1Kr 27:1, 12
*b* Jos 21:8, 18; Jer 1:1
*c* 1Kr 27:1, 13
*d* 1Kr 27:1, 14
*e* Hlu 2:8, 9
*f* 2Sa 15:31; 2Sa 16:23; 2Sa 17:23; 1Kr 27:33
*g* 1Kr 2:53
*h* 2Sa 11:3; 1Kh 15:5

**ISAHL. 24**
*i* 2Sa 21:1
*j* 1Kr 27:23, 24
*k* 1Kr 21:1-3
*l* 2Sa 8:16; 2Sa 20:23
*m* Hlu 20:1

**Uhla 2**
*a* Num 1:2; 1Kr 21:4
*b* Dut 2:36; Jos 13:8, 9
*c* Num 32:34, 35
*d* Num 32:40
*e* Gen 10:15; Gen 49:13; Jos 11:8
*f* Jos 19:24, 29
*g* Jos 11:19
*h* Jos 15:1
*i* Gen 21:31; Jos 15:21, 28
*j* Num 2:32; Num 26:51; 1Kr 21:5, 6; 1Kr 27:23
*k* 1Sa 24:5; Rom 2:15
*l* 2Sa 12:13
*m* Hu 130:3; Hos 14:2; 1Jo 1:9
*n* 1Kr 21:8-13
*o* 1Sa 22:5; 1Kr 29:29

**23:30** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **24:1** *Noma, "lapho uDavide ekhuthazwa."

**24:5** *Noma, "ngaseningizimu." #Noma, "nomhosha." **24:10** *Noma, "Kodwa inhliziyo kaDavide yamkhathaza."

no, lathi: **12** “Hamba, uthi ku-
Davide, ‘Yilokhu uJehova aku-
shoyo: “Ngikukhethisa phaka-
thi kwezinto ezintathu. Khe-
tha eyodwa okufanele ngiyile-
the kuwe.”’”[a] **13** Ngakho uGa-
di waya kuDavide wafike wa-
thi: “Ukhetha ukuba izwe lakho
likhungathwe yindlala iminya-
ka eyisikhombisa?[b] Noma ukhe-
tha ukujahwa izitha zakho izi-
nyanga ezintathu?[c] Noma ukhe-
tha ukuba kube nesifo esiwum-
shayabhuqe izinsuku ezintathu
ezweni lakho?[d] Manje cabangisi-
sa ngokuthi kufanele ngimphe-
ndule ngithini Lowo ongithu-
mile.” **14** Ngakho uDavide wa-
thi kuGadi: “Kubuhlungu kakhu-
lu kimi. Ngicela siwele esandle-
ni sikaJehova,[e] ngoba isihe sa-
khe sikhulu;[f] kodwa manginga-
weli esandleni somuntu.”[g]

**15** UJehova wabe eseletha
isifo esiwumshayabhuqe[h] kwa-
Israyeli kusukela ekuseni kwaze
kwaba yisikhathi esibekiwe, ka-
ngangokuthi kwafa[i] abantu
abangu-70 000 kusukela kwaDa-
ni kuze kube seBheri-sheba.[j]
**16** Lapho ingelosi yelulela isa-
ndla sayo eJerusalema ukuze
ilibhubhise, uJehova wadabuka*
ngenxa yale nhlekelele,[k] wathi
engelosini eyayiletha imbubhi-
so kubantu: “Sekwanele! Yehli-
sa isandla sakho manje.” Inge-
losi kaJehova yayiseduze kwesi-
buya sika-Arawuna[l] umJebusi.[m]

**17** Lapho uDavide ebona
ingelosi eyayibulala abantu wa-
thi kuJehova: “Yimi owoni-
le, yimi owenze iphutha; kodwa
lezi zimvu[n] zenzeni? Ngiyacela,
isandla sakho masimelane nami
nendlu kababa.”[o]

**18** Ngakho uGadi waya kuDa-
vide ngalolo suku wathi kuye:
“Khuphuka wakhele uJehova
i-altare esibuyeni sika-Arawuna
umJebusi.”[a] **19** Ngakho uDavi-
de wakhuphuka ngokuvumelana
nezwi likaGadi, njengoba
uJehova ayeyalile. **20** Lapho
u-Arawuna ephakamisa ame-
hlo futhi ebona inkosi nezince-
ku zayo beza kuye, u-Arawu-
na masinyane waphuma wakho-
thama phambi kwenkosi ubu-
so bakhe bubheke phansi.
**21** U-Arawuna wabuza wathi:
“Kungani inkosi yami ize ence-
kwini yayo?” UDavide wamphe-
ndula wathi: “Ngizothenga kuwe
lesi sibuya ukuze ngakhele uJe-
hova i-altare, ukuze isisha-
yo esihlasele abantu sinqamu-
ke.”[b] **22** Kodwa u-Arawuna wa-
thi kuDavide: “Inkosi yami mayi-
sithathe inikele lokho okubona-
kala kukuhle kuyo.* Nazi izinko-
mo zomnikelo oshiswayo nesi-
hlibhi sokubhula namajoka ezi-
nkomo ukuze abe izinkuni zoku-
basa. **23** Konke lokhu ngikuni-
ka* kona nkosi.” U-Arawuna wa-
qhubeka wathi enkosini: “Kwa-
ngathi uJehova uNkulunkulu
wakho angakubonisa umusa.”

**24** Nokho, inkosi yathi ku-
Arawuna: “Cha, kumele ngi-
sithenge kuwe ngemali. Ngeke
nginikele kuJehova uNkulunku-
lu wami imihlatshelo eshiswayo
ngingakhokhanga lutho.” Nga-
kho uDavide wasithenga isibu-
ya kanye nezinkomo ngamashe-
keli* esiliva[c] angu-50. **25** UDa-
vide wamakhela lapho uJeho-
va i-altare[d] wanikela imihlatshe-
lo eshiswayo nemihlatshelo ehla-
nganyelwayo. Ngemva kwalokho
uJehova wakuzwa ukunxusela
kwabo izwe,[e] isifo esasihlasele
u-Israyeli sanqamuka.

---

**24:16** *Noma, “wazisola.”

**24:22** *NgesiHebheru, “okuhle emehlweni ayo.” **24:23** *NgesiHebheru, “u-Arawuna ukunika.” **24:24** *Ishekeli lalilingana no-11,4 g. Bheka iSithasiselo B14.

---

**ISAHL. 24**

*a* IzA 3:12
*b* Lev 26:18, 20; 2Sa 21:1
*c* Lev 26:14, 17
*d* Lev 26:16
*e* Heb 12:6
*f* Hu 103:8; Hu 119:156
*g* 2Kr 28:1, 5
*h* Num 16:46; 1Kr 27:24
*i* 1Kr 21:14, 15
*j* 2Sa 24:2
*k* Hu 78:38; Jer 26:19; Jow 2:13
*l* 2Kr 3:1
*m* Gen 10:15, 16; Jos 15:8
*n* Hu 95:7
*o* 1Kr 21:16, 17

**Uhla 2**

*a* 1Kr 21:18-23; 2Kr 3:1
*b* Num 16:46, 47; Num 25:8; 2Sa 24:15
*c* 1Kr 21:24-28
*d* Eks 20:25; 1Kr 22:1
*e* 2Sa 21:14; 2Kr 33:13

EYOKUQALA

# YAMAKHOSI

## UHLU LOKUPHAKATHI


1 UDavide no-Abhishagi (1-4)
U-Adoniya ufuna ubukhosi (5-10)
UNathani noBhati-sheba bathatha isinyathelo (11-27)
UDavide uyala ukuba kugcotshwe uSolomoni (28-40)
U-Adoniya ubalekela e-altare (41-53)

2 UDavide unika uSolomoni iziqondiso (1-9)
UDavide uyafa; uSolomoni uyabusa (10-12)
Icebo lika-Adoniya limholela ekufeni (13-25)
U-Abhiyathara uyaxoshwa; uJowabe uyabulawa (26-35)
UShimeyi uyabulawa (36-46)

3 USolomoni ushada nendodakazi kaFaro (1-3)
UJehova ubonakala kuSolomoni ephusheni (4-15)
USolomoni ucela ukuhlakanipha (7-9)
USolomoni uyahlulela phakathi komama ababili (16-28)

4 Umbuso kaSolomoni (1-19)
Ukuchuma ngaphansi kokubusa kukaSolomoni (20-28)
Ukulondeka ngaphansi kwesihlahla samagilebhisi nesomkhiwane (25)
Ukuhlakanipha kukaSolomoni nezaga zakhe (29-34)

5 INkosi uHiramu inika uSolomoni izinto zokwakha (1-12)
Izisebenzi zikaSolomoni eziphoqelelwe (13-18)

6 USolomoni wakha ithempeli (1-38)
Ikamelo elingaphakathi (19-22)
Amakherubi (23-28)
Okuqoshiwe, izicabha, igceke elingaphakathi (29-36)
Ukwakhiwa kwethempeli kuyaphela ngemva kweminyaka engaba yisikhombisa (37, 38)

7 Isigodlo sikaSolomoni (1-12)
Ingcweti enguHiramu isiza uSolomoni (13-47)
Izinsika zethusi ezimbili (15-22)
ULwandle lwethusi oluncibilikisiwe (23-26)
Izinqola eziyishumi nezimbiza zethusi (27-39)
Ukuphothulwa kokwenziwa kwezinto zegolide zethempeli (48-51)

8 UMphongolo ungeniswa ethempelini (1-13)
USolomoni ukhuluma nesizwe (14-21)
Umthandazo kaSolomoni wokunikezela ithempeli (22-53)
USolomoni ubusisa isizwe (54-61)
Umkhosi wokunikezela nemihlatshelo (62-66)

9 UJehova ubonakala kuSolomoni okwesibili (1-9)
Isipho sikaSolomoni esiya eNkosini uHiramu (10-14)
Imisebenzi ehlukahlukene kaSolomoni (15-28)

10 INdlovukazi yaseSheba ivakashela uSolomoni (1-13)
Ingcebo eningi kaSolomoni (14-29)

11 Abafazi bakaSolomoni bachezukisa inhliziyo yakhe (1-13)
Abantu abamelana noSolomoni (14-25)
UJerobowamu uthenjiswa izizwe eziyishumi (26-40)
USolomoni uyafa; uRehobowamu uba yinkosi (41-43)

12 URehobowamu uphendula ngokhahlo (1-15)
Izizwe eziyishumi ziyavukela (16-19)
UJerobowamu uba yinkosi yakwa-Israyeli (20)
URehobowamu akufanele alwe no-Israyeli (21-24)
Ukukhonzwa kwethole likaJerobowamu (25-33)

13 Isiprofetho ngokumelene ne-altare eliseBhethele (1-10)
I-altare lihlukana phakathi (5)
Umuntu kaNkulunkulu akalaleli (11-34)

14 Isiprofetho sika-Ahiya ngokumelene noJerobowamu (1-20)

URehobowamu uyabusa kwaJuda (21-31)
Ukuhlasela kukaShishaki (25, 26)
15 U-Abhiyamu uba inkosi kwaJuda (1-8)
U-Asa uba inkosi kwaJuda (9-24)
UNadabi uba inkosi kwa-Israyeli (25-32)
UBhahasha uba inkosi kwa-Israyeli (33, 34)
16 UJehova wahlulela uBhahasha (1-7)
U-Elahi uba inkosi kwa-Israyeli (8-14)
UZimri uba inkosi kwa-Israyeli (15-20)
U-Omri uba inkosi kwa-Israyeli (21-28)
U-Ahabi uba inkosi kwa-Israyeli (29-33)
UHiyeli wakha kabusha iJeriko (34)
17 Umprofethi u-Eliya ubikezela isomiso (1)
U-Eliya wondliwa amagwababa (2-7)
U-Eliya uvakashela umfelokazi waseZarefati (8-16)
Indodana yomfelokazi iyafa bese iyavuswa (17-24)
18 U-Eliya uhlangana no-Obadiya no-Ahabi (1-18)
U-Eliya nabaprofethi bakaBhali eKarmeli (19-40)
'Ukugxamalaza phakathi kwemibono emibili' (21)
Isomiso esithathe iminyaka emithathu nohhafu siyaphela (41-46)
19 U-Eliya ubalekela intukuthelo kaJezebeli (1-8)
UJehova ubonakala ku-Eliya eHorebe (9-14)
U-Eliya ugcoba uHazayeli, uJehu, u-Elisha (15-18)
U-Elisha ukhethwa ukuba angene esikhundleni sika-Eliya (19-21)
20 AmaSiriya alwa no-Ahabi (1-12)
U-Ahabi unqoba amaSiriya (13-34)
Isiprofetho ngokumelene no-Ahabi (35-43)
21 U-Ahabi uhalela insimu yamagilebhisi kaNabhoti (1-4)
UJezebeli wakha itulo lokubulala uNabhoti (5-16)
Umyalezo ka-Eliya ngokumelene no-Ahabi (17-26)
U-Ahabi uyazithoba (27-29)
22 UJehoshafati no-Ahabi bayabambisana empini (1-12)
Isiprofetho sikaMikhaya sokuthi bazonqotshwa (13-28)
Umoya okhohlisayo ozokhohlisa u-Ahabi (21, 22)
U-Ahabi uyabulawa eRamoti-gileyadi (29-40)
Ukubusa kukaJehoshafati kwaJuda (41-50)
U-Ahaziya uba yinkosi kwa-Israyeli (51-53)

**1** Manje iNkosi uDavide yayisikhulile,[a] iminyaka* isihambile, nakuba babeyembesa izingubo, yayingafudumali.
**2** Ngakho izinceku zayo zathi kuyo: "Makufunelwe inkosi yethu intombazane, intombi nto, ezonakekela inkosi. Izolala esifubeni sakho, ukuze inkosi yethu ifudumale."
**3** Bafuna intombazane enhle kulo lonke elakwa-Israyeli, bathola u-Abhishagi[b] waseShunemi[c] base bemletha enkosini.
**4** Le ntombazane yayiyinhle kakhulu, yayinakekela inkosi iyikhonza, kodwa inkosi ayiyanga nayo ocansini.
**5** Phakathi naleso sikhathi u-Adoniya[a] indodana kaHagiti wayeziphakamisa, ethi: "Yimi ozoba yinkosi!" Wazitholela izinqola nabagibeli bamahhashi namadoda angu-50 ayezogijima phambi kwakhe.[b]
**6** Kodwa uyise wayengakaze akhulume naye* athi: "Uyenzelani le nto?" Naye wayemuhle kakhulu ngokubukeka, wayezalwe ngemva kuka-Absalomu.
**7** Wakhuluma noJowabe

1:1 *NgesiHebheru, "izinsuku."

1:6 *Noma, "alimaze imizwa yakhe; amsole."

ISAHL. 1
a 2Sa 5:4; 1Kr 29:26, 27
b 1Kh 2:17, 22
c Jos 19:17, 18

Uhla 2
a 2Sa 3:2, 4; 1Kr 3:1, 2
b 2Sa 15:1

indodana kaZeruya no-Abhiya-
thara[a] umpristi, bona bamsiza
u-Adoniya bamsekela.[b] **8** Ko-
dwa uZadoki[c] umpristi, uBhe-
naya[d] indodana kaJehoyada,
uNathani[e] umprofethi, uShime-
yi,[f] uReyi namaqhawe[g] kaDa-
vide anamandla, abazange ba-
msekele u-Adoniya.

**9** Ngemva kwesikhathi,
u-Adoniya wenza umhlatshe-
lo[h] wezimvu, izinkomo nama-
thole akhuluphele ngasetshe-
ni likaZoheleti, eliseduze kwa-
se-Eni-rogeli, wamema bonke
abafowabo amadodana enkosi
nawo wonke amadoda akwaJu-
da ayizinceku zenkosi. **10** Ko-
dwa akazange ammeme uNa-
thani umprofethi, uBhenaya,
amaqhawe kaDavide noSolo-
moni umfowabo. **11** UNatha-
ni[i] wathi kuBhati-sheba,[j] unina
kaSolomoni:[k] "Uzwile yini uku-
thi u-Adoniya[l] indodana kaHa-
giti useyinkosi, futhi inkosi ye-
thu uDavide ayazi lutho nga-
lokho? **12** Ngakho ngicela uze
ngikweluleke, ukuze usindise
ukuphila kwakho nokuphila*
kwendodana yakho uSolomo-
ni.[m] **13** Hamba uye eNkosini
uDavide, uthi kuyo, 'Akuwe-
na yini, nkosi yami, owafu-
nga encekukazini yakho, wa-
thi: "USolomoni indodana ya-
kho uzoba yinkosi ngemva
kwami, nguye ozohlala esihla-
lweni sami sobukhosi"?[n] Pho
kungani u-Adoniya esebe yi-
nkosi?' **14** Kuzothi lapho usa-
khuluma nenkosi, mina nginge-
ne ngemva kwakho ngiwafaka-
zele amazwi akho."

**15** Ngakho uBhati-sheba wa-
ngena enkosini ekamelweni
layo lokulala. Inkosi yayisinda-
la kakhulu, u-Abhishagi[o] wa-
seShunemi wayekhonza inko-
si. **16** UBhati-sheba waguqa
wakhothama enkosini, inkosi
yabe isithi: "Siyini isicelo sa-
kho?" **17** Waphendula wathi:
"Nkosi yami, nguwe owafu-
nga uJehova uNkulunkulu wa-
kho encekukazini yakho, wathi,
'USolomoni indodana yakho
uzoba yinkosi ngemva kwa-
mi, nguye ozohlala esihlalweni
sami sobukhosi.'[a] **18** Kodwa
bheka! u-Adoniya nguye oseyi-
nkosi, futhi inkosi yami ayazi
lutho ngakho.[b] **19** Wenze um-
hlatshelo ngezinkunzi, ngama-
thole akhuluphele nangezimvu
eziningi kakhulu wamema wo-
nke amadodana enkosi no-
Abhiyathara umpristi noJowa-
be induna yempi;[c] kodwa aka-
yimemanga inceku yakho
uSolomoni.[d] **20** Manje nkosi
yami, wonke ama-Israyeli ali-
nde wena, ukuze uwatshele
ukuthi ngubani ozohlala esi-
hlalweni sobukhosi senkosi
yami ngemva kwayo. **21** Nga-
le kwalokho, kuyokuthi ngoku-
shesha nje lapho inkosi yami
isishonile, mina nendodana
yami uSolomoni sibhekwe nje-
ngamambuka."

**22** Njengoba esakhuluma
nenkosi, kwaqhamuka uNatha-
ni umprofethi.[e] **23** Khona ma-
njalo bayitshela inkosi, bathi:
"Nangu uNathani umprofethi!"
Wangena phambi kwenkosi wa-
khothama enkosini ubuso ba-
khe bubheke phansi. **24** UNa-
thani wathi: "Nkosi yami,
washo yini ukuthi, 'U-Adoni-
ya uzoba yinkosi ngemva kwa-
mi, nguye ozohlala esihlalwe-
ni sami sobukhosi'?[f] **25** Ngo-
ba namuhla wehlile wayo-
kwenza umhlatshelo[g] wezinku-
nzi, amathole akhuluphele ne-
zimvu eziningi kakhulu, ume-
me wonke amadodana enkosi

---

**1:12** *Noma, "umphefumulo wakho nomphefumulo."

**ISAHL. 1**
*a* 2Sa 20:25
*b* 1Kh 2:22
*c* 2Sa 8:17
*d* 2Sa 20:23; 1Kr 27:5
*e* 2Sa 7:2; 2Sa 12:1
*f* 1Kh 4:7, 18
*g* 2Sa 23:8; 1Kr 11:10
*h* 2Sa 15:12
*i* 2Sa 7:4, 5
*j* 2Sa 11:3, 27
*k* 2Sa 12:24
*l* 2Sa 3:2, 4
*m* Hlu 9:4-6; 1Kh 1:21; 2Kh 11:1
*n* 1Kr 22:9; 1Kr 28:5; 1Kr 29:1
*o* 1Kh 1:1, 3

**Uhla 2**
*a* 1Kh 1:13; 1Kr 22:9, 10
*b* 1Kh 1:5, 11
*c* 1Kh 1:7
*d* 1Kh 1:9, 10
*e* 1Kh 1:14
*f* 1Kh 1:5
*g* 2Sa 15:12

nezinduna zebutho no-Abhiya-
thara umpristi.[a] Bayadla baya-
phuza kanye naye, balokhu be-
thi: ‘Mana njalo Nkosi, Adoni-
ya!’ **26** Kodwa mina nceku ya-
kho, uZadoki umpristi, uBhe-
naya[b] indodana kaJehoyada
noSolomoni inceku yakho aka-
simemanga. **27** Ingabe inkosi
yami ikugunyazile lokhu inga-
yitshelanga inceku yayo ukuthi
ubani okufanele ahlale esihla-
lweni sobukhosi senkosi yami
ngemva kwayo?”

**28** INkosi uDavide yaphe-
ndula yathi: “Ngibizeleni uBha-
ti-sheba.” Ngakho uBhati-sheba
wangena wama phambi kwe-
nkosi. **29** Inkosi yafunga ya-
thi: “Ngifunga uJehova owa-
ngikhulula* kukho konke uku-
hlupheka kwami,[c] **30** njengo-
ba nje ngafunga uJehova
uNkulunkulu ka-Israyeli, nga-
thi kuwe, ‘USolomoni indoda-
na yakho uzoba yinkosi nge-
mva kwami, nguye ozohla-
la esihlalweni sami sobukho-
si esikhundleni sami!’ yilo-
kho kanye engizokwenza na-
muhla.” **31** UBhati-sheba wa-
guqa wakhothama enkosini wa-
thi: “Kwangathi inkosi yami
iNkosi uDavide ingaphila kuze
kube phakade!”

**32** Ngokushesha iNkosi uDa-
vide yathi: “Ngibizeleni uZado-
ki umpristi, uNathani umprofe-
thi noBhenaya[d] indodana kaJe-
hoyada.”[e] Ngakho bangena pha-
mbi kwenkosi. **33** Inkosi ya-
thi kubo: “Thathani izinceku
zenkosi yenu, nigibelise uSo-
lomoni indodana yami phe-
zu komnyuzi*[f] wami nimho-
le niye naye ezansi eGiho-
ni.[g] **34** UZadoki umpristi no-
Nathani umprofethi bazomgco-
ba[a] lapho njengenkosi phezu
kuka-Israyeli; niyobe senisha-
ya uphondo nithi, ‘Mana nja-
lo Nkosi uSolomoni!’[b] **35** Nge-
mva kwalokho mlandeleni ni-
buye naye, uyongena ahla-
le esihlalweni sami sobukho-
si; uzoba yinkosi esikhundleni
sami, ngizommisa njengomho-
li phezu kuka-Israyeli naphe-
zu kukaJuda.” **36** Khona ma-
njalo uBhenaya indodana kaJe-
hoyada wathi enkosini: “Amen!
Kwangathi uJehova uNkulu-
nkulu wenkosi yami angenza
kanjalo. **37** Njengoba nje uJe-
hova aba nenkosi yami, kanjalo
makabe noSolomoni,[c] kwanga-
thi angenza isihlalo sakhe so-
bukhosi sibe sikhulu kunesi-
hlalo sobukhosi senkosi yami
iNkosi uDavide.”[d]

**38** Ngemva kwalokho uZa-
doki umpristi, uNathani um-
profethi, uBhenaya[e] indodana
kaJehoyada, amaKhereti na-
maPheleti[f] behla bagibelisa
uSolomoni emnyuzini weNkosi
uDavide,[g] base bemletha eGi-
honi.[h] **39** Manje uZadoki um-
pristi wathatha uphondo lwa-
mafutha[i] etendeni[j] wamgcoba
uSolomoni,[k] base beshaya
uphondo, bonke abantu bame-
meza bathi: “Mana njalo Nkosi
uSolomoni!” **40** Ngemva kwa-
lokho bonke abantu bamlande-
la benyuka beshaya imitshingo
bejabula kakhulu, kangangoku-
ba umhlaba wanyakaza ngenxa
yomsindo wabo.[l]

**41** U-Adoniya nabo bonke
abantu ayebamemile bawuzwa
lapho sebeqedile ukudla.[m] La-
pho nje uJowabe ezwa umsi-
ndo wophondo, wathi: “Owa-
ni lo msindo ongaka edolo-
bheni?” **42** Esakhuluma, kwa-
fika uJonathani[n] indodana ka-
Abhiyathara umpristi. U-Ado-
niya wathi: “Ngena, ngoba

**1:29** *Noma, “owakhulula umphefumu-
lo wami.” **1:33** *Noma, “komnyuzi we-
nsikazi.”

ISAHL. 1
a 1Kh 1:5, 7
b 1Kr 27:5
c Hu 71:23 Hu 103:4
d 2Sa 20:23 2Sa 23:20 1Kr 27:5
e 1Kh 1:8
f 1Kh 1:38 Luk 19:33-35
g 2Kr 32:30

Uhla 2
a 1Sa 16:13
b 1Sa 10:1, 24 2Sa 15:10 2Kh 11:12
c 1Kr 28:20
d 1Kh 3:12 1Kh 10:23 Hu 72:8
e 1Kr 27:5
f 2Sa 15:18 1Kr 18:17
g 1Kh 1:33 Mat 21:7
h 2Kr 32:30
i Eks 30:23-25 1Sa 16:13
j 2Sa 6:17
k 1Kr 29:22
l 1Sa 4:5
m 1Kh 1:9, 25
n 2Sa 15:36 2Sa 17:17

wena uyindoda elungile,* ku-
mele ukuba ulethe izindaba
ezinhle.” **43** Kodwa uJona-
thani wamphendula u-Adoniya
wathi: “Cha! Inkosi yethu iNko-
si uDavide imise uSolomoni
njengenkosi. **44** Inkosi ithu-
me uZadoki umpristi, uNatha-
ni umprofethi, uBhenaya indo-
dana kaJehoyada, amaKhere-
ti namaPheleti ukuba bahambe
naye, bamgibelisa emnyuzini
wenkosi.[a] **45** UZadoki umpri-
sti noNathani umprofethi bam-
gcobe njengenkosi eGihoni.
Ngemva kwalokho babuye la-
pho bejabula, yingakho idolo-
bha lihlokoma. Yilowo msi-
ndo nina eniwuzwile. **46** Nga-
phezu kwalokho, uSolomoni
usehlezi esihlalweni sobukho-
si. **47** Okunye futhi, izinceku
zenkosi zingenile zizohalalise-
la inkosi yethu iNkosi uDavide,
zathi, ‘Kwangathi uNkulunku-
lu wakho angenza igama lika-
Solomoni likhazimule ngaphe-
zu kwegama lakho, kwanga-
thi angenza isihlalo sakhe so-
bukhosi sibe sikhulu ngaphe-
zu kwesihlalo sakho sobu-
khosi!’ Ngemva kwalokho inko-
si igebise ikhanda isembhede-
ni wayo. **48** Inkosi ithandazile
yathi, ‘Makadunyiswe uJehova
uNkulunkulu ka-Israyeli, ovu-
mele othile namuhla ukuba
ahlale esihlalweni sami sobu-
khosi, wavumela namehlo ami
ukuba akubone!’ ”

**49** Bonke labo ababeme-
nywe ngu-Adoniya besaba ka-
khulu, basukuma yilowo nalo-
wo wazihambela. **50** U-Adoni-
ya naye wesaba ngenxa kaSo-
lomoni, ngakho wasukuma wa-
hamba wayobamba izimpondo
ze-altare.[b] **51** Kwabikwa ku-
Solomoni, kwathiwa: “U-Adoni-
ya wesaba iNkosi uSolomo-
ni; futhi ubambe izimpondo ze-
altare, uthi, ‘INkosi uSolomo-
ni mayifunge kimi kuqala uku-
thi ngeke iyibulale inceku
yayo ngenkemba.’ ” **52** USolo-
moni wathi: “Uma ezoziphatha
kahle, ngeke kuwele nolulodwa
unwele lwekhanda lakhe em-
hlabathini; kodwa uma kutho-
lakala okubi kuye,[a] kuyomelwe
afe.” **53** Ngakho iNkosi uSo-
lomoni yathumela ukuba ba-
mehlise e-altare. Wangena wa-
khothama eNkosini uSolomo-
ni, okwathi ngemva kwalokho
uSolomoni wathi kuye: “Hamba
uye emzini wakho.”

**2** Lapho isikhathi sokuba
uDavide afe sesisondele;
wayala indodana yakhe uSolo-
moni, wathi: **2** “Mina sengizo-
fa.* Ngakho, qina[b] ube yindo-
da.[c] **3** Kumele ugcine isibo-
pho sakho kuJehova uNkulu-
nkulu wakho ngokuhamba ezi-
ndleleni zakhe, nangokugcina
imithetho yakhe, imiyalo ya-
khe, izahlulelo zakhe nezi-
khumbuzo zakhe ezilotshwe
eMthethweni KaMose;[d] uma
wenza kanjalo uyophumelela*
kukho konke okwenzayo noma-
phi lapho uya khona. **4** UJe-
hova uyosigcwalisa isithembi-
so sakhe asenza ngokuqonde-
ne nami, esithi: ‘Uma amadoda-
na akho enaka indlela ahamba
ngayo ngokuziphatha ngokwe-
thembeka phambi kwami nga-
yo yonke inhliziyo yawo na-
ngawo wonke umphefumulo*
wawo,[e] akusoze kwenzeka uku-
ba kungabi namuntu wozalo
lwakho# ohlezi esihlalweni so-
bukhosi sika-Israyeli.’[f]

---

**1:42** *Noma, “ehloniphekile.”

**2:2** *NgesiHebheru, “Mina sengihamba ngendlela yomhlaba wonke.” **2:3** *Noma, “uyokwenza ngokuhlakanipha.” **2:4** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. #NgesiHebheru, “akusoze kunqunywe kuwe umuntu.”

---

ISAHL. 1
*a* 1Kh 1:33, 34
*b* Eks 21:14; Eks 38:1, 2; 1Kh 2:28

Uhla 2
*a* 1Kh 2:23

ISAHL. 2
*b* Dut 31:6; Jos 1:6; 1Kr 28:20
*c* 1Kh 3:7
*d* Dut 17:18-20; Shu 12:13
*e* Dut 6:5; 2Kh 20:3; 2Kh 23:3; 2Kr 17:3; Mat 22:37
*f* 2Sa 7:12, 16; 1Kh 8:25; 1Kr 17:11; Hu 132:11, 12

**5** “Ukwazi kahle nalokho
uJowabe indodana kaZeruya
akwenza kimi, lokho akwenza
ezinduneni ezimbili zamabutho
ka-Israyeli—u-Abhineri[a] indoda-
na kaNeri no-Amasa[b] indoda-
na kaJetheri. Wazibulala, wa-
chitha igazi[c] lempi ngesikhathi
sokuthula, ethela ibhande ela-
lisokhalweni lwakhe nezimba-
dada ezazisezinyaweni zakhe
ngegazi lempi. **6** Kumele we-
nze ngokokuhlakanipha kwa-
kho, ungazivumeli izinwele za-
khe ezimpunga zehlele eThu-
neni* ngokuthula.[d]

**7** “Kodwa kufanele uwaboni-
se uthando oluqotho amadoda-
na kaBharizilayi[e] waseGileyadi,
kufanele abe phakathi kwalabo
abadla etafuleni lakho, ngoba
yileyo ndlela angisekela nga-
yo[f] lapho ngibalekela umfowe-
nu u-Absalomu.[g]

**8** “Ungamkhohlwa noShi-
meyi indodana kaGera umBhe-
njamini waseBhahurimi. Ngu-
ye owangiqalekisa ngesiqale-
kiso esibuhlungu[h] mhla ngi-
ya eMahanayimi;[i] kodwa la-
pho ehla ezongihlangabeza
eJordani, ngafunga uJehova
kuye, ngathi: ‘Ngeke ngikubu-
lale ngenkemba.’[j] **9** Manje ku-
fanele umjezise,[k] ngoba wena
uyindoda ehlakaniphile futhi
uyakwazi okufanele ukwenze
kuye; kumele wehlisele izinwe-
le zakhe ezimpunga eThuneni*
ngegazi.”[l]

**10** Ngemva kwalokho uDa-
vide washona* wangcwa-
tshwa eDolobheni LikaDavide.[m]
**11** Iminyaka uDavide ayibu-
sa phezu kuka-Israyeli yayingu-
40. EHebroni[a] wabusa iminya-
ka eyisikhombisa, eJerusalema
wabusa iminyaka engu-33.[b]

**12** USolomoni wahlala pha-
nsi esihlalweni sobukhosi sika-
Davide uyise, kancane kanca-
ne ubukhosi bakhe bama ba-
qina.[c]

**13** Ngemva kwesikhathi
u-Adoniya indodana kaHagiti
weza kuBhati-sheba, unina ka-
Solomoni. UBhati-sheba wabu-
za wathi: “Ingabe uze ngoku-
thula?” U-Adoniya wathi: “Ngi-
ze ngokuthula.” **14** Waqhube-
ka wathi: “Kunokuthile engi-
funa ukukusho kuwe.” Nga-
kho yena wathi: “Khuluma.”
**15** U-Adoniya wathi: “Wena
wazi kahle ukuthi ubukho-
si babuzoba ngobami, noku-
thi wonke u-Israyeli wayelinde-
le* ukuba ngibe yinkosi;[d] ko-
dwa ubukhosi bangiphunyu-
ka baba ngobomfowethu, ngoba
kwakuyintando kaJehova uku-
ba bube ngobakhe.[e] **16** Ko-
dwa manje kunento eyodwa
nje engiyicela kuwe. Ungase-
nqabi isicelo sami.” Ngakho wa-
thi kuye: “Khuluma.” **17** Wa-
qhubeka wathi: “Ngicela ukhu-
lume noSolomoni inkosi—ngoba
ngeke asenqabe isicelo esivela
kuwe—ukuba anginike u-Abhi-
shagi[f] waseShunemi abe ngu-
mkami.” **18** UBhati-sheba wa-
phendula wathi: “Kulungile!
Ngizokukhulumela nenkosi.”

**19** Ngakho uBhati-sheba wa-
ngena phambi kweNkosi uSo-
lomoni ukuze akhulumele
u-Adoniya. Ngaso leso sikhathi
inkosi yasukuma yamhlanga-
beza yase imkhothamela.
Yabe isihlala phansi esihlalwe-
ni sayo sobukhosi yayala uku-
ba kubekelwe unina wenkosi

**2:6, 9** *Noma, “eShiyoli,” okungukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **2:10** *NgesiHebheru, “walala nokhokho bakhe.”

**2:15** *NgesiHebheru, “wayebhekise ubuso bakhe ngakimi.”

ISAHL. 2
a 2Sa 3:27, 30
b 2Sa 17:25; 2Sa 20:10; 1Kr 2:17
c Num 35:33; 2Sa 3:28
d 2Sa 3:29; 1Kh 2:31-34
e 2Sa 19:31
f 2Sa 17:27-29
g 2Sa 15:14
h 2Sa 16:5-7
i 2Sa 17:24
j 2Sa 19:23
k Eks 22:28
l 1Kh 2:44, 46
m 2Sa 5:7; 1Kr 11:7; 1Kr 29:26, 27; IzE 2:29

Uhla 2
a 1Kr 12:23
b 2Sa 5:4, 5
c 2Sa 7:8, 12; 1Kr 29:23; 2Kr 1:1; Hu 89:36, 37; Hu 132:12
d 1Kh 1:5, 25
e 1Kr 22:9
f 1Kh 1:1, 3

isihlalo, ukuze ahlale ngakwesokudla sayo. **20** U-Bhatisheba wathi: “Kukhona isicelo esincane engifisa ukusenza kuwe. Ungasenqabi.” Ngakho inkosi yathi kuye: “Cela mama; ngoba ngeke ngisenqabe isicelo sakho.” **21** Ngakho wathi: “U-Abhishagi waseShunemi makanikwe u-Adoniya umfowenu abe umkakhe.” **22** INkosi uSolomoni yamphendula unina yathi: “Kungani ucelela u-Adoniya u-Abhishagi waseShunemi? Kungcono uvele umcelele nobukhosi,[a] ngoba ungumfowethu omdala,[b] futhi usekelwa ngu-Abhiyathara umpristi noJowabe[c] indodana kaZeruya.”[d]

**23** INkosi uSolomoni yafunga uJehova, yathi: “Kwangathi uNkulunkulu angangijezisa kanzima, uma u-Adoniya engenakulahlekelwa ukuphila kwakhe ngenxa yalesi sicelo. **24** Manje ngifunga uJehova ongimise ngaqina[e] nongibeke esihlalweni sobukhosi sikaDavide ubaba nongakhele indlu*[f] njengoba nje athembisa; namuhla u-Adoniya uzobulawa.”[g] **25** Ngokushesha iNkosi uSolomoni yathumela uBhenaya[h] indodana kaJehoyada, wahamba wafike wambulala* u-Adoniya.

**26** Ku-Abhiyathara[i] umpristi, inkosi yathi: “Hamba uye endaweni yakho e-Anathoti![j] Ufanelwe ngukufa, kodwa ngeke ngikubulale ngalolu suku, ngoba wathwala uMphongolo weNkosi EnguMbusi uJehova phambi kukaDavide ubaba,[k] nangenxa yokuthi wahlupheka nobaba kukho konke ukuhlupheka kwakhe.”[l] **27** Ngakho uSolomoni wamxosha u-Abhiyathara ukuba angabe esakhonza njengompristi kaJehova, ukuze kugcwaliseke izwi likaJehova alikhuluma lapho ahlulela indlu ka-Eli[a] eShilo.[b]

**28** Lapho uJowabe ezwa ngalezi zindaba—ngoba uJowabe wayesekele u-Adoniya,[c] kodwa wayengazange amsekele u-Absalomu[d]—uJowabe wabalekela etendeni likaJehova[e] wabamba izimpondo ze-altare. **29** INkosi uSolomoni yabikelwa kwathiwa: “UJowabe ubalekele etendeni likaJehova, ulapho eceleni kwe-altare.” Ngakho uSolomoni wathumela uBhenaya indodana kaJehoyada, wathi: “Hamba uyombulala!” **30** Ngakho uBhenaya wahamba waya etendeni likaJehova wafika wathi kuye: “Yilokhu inkosi ekushoyo, ‘Phuma!’ ” Kodwa yena wathi: “Cha! Ngizofela lapha.” UBhenaya wabuyela enkosini, wayitshela lokho uJowabe ayekushilo. **31** Ngakho inkosi yathi kuye: “Yenza njengoba nje eshilo; mbulale bese umngcwaba, ususe kimi nasendlini kababa igazi uJowabe alichitha kungafanele.[f] **32** UJehova uzobuyisela igazi lakhe phezu kwekhanda lakhe, ngoba wabulala ngenkemba amadoda amabili ayelungile nayengcono kunaye, ubaba uDavide engazi ngakho: u-Abhineri[g] indodana kaNeri induna yebutho lakwa-Israyeli[h] no-Amasa[i] indodana kaJetheri induna yebutho lakwa-Juda.[j] **33** Igazi labo liyobuyela phezu kwekhanda likaJowabe naphezu kwekhanda lenzalo yakhe kuze kube phakade;[k] kodwa ngokuqondene noDavide, inzalo yakhe, indlu yakhe nesihlalo sakhe sobukhosi, kwangathi kungaba noku-

---

**2:24** *Noma, “nonginike umbuso.”
**2:25** *Noma, “wamthelekela wafa.”

ISAHL. 2
- a 2Sa 16:21
- b 1Kr 3:1, 2, 5
- c 2Sa 8:16
- d 1Kh 1:7
- e 1Kr 22:9, 10
- f 2Sa 7:11; 1Kr 17:10
- g 1Kh 1:51, 52
- h 2Sa 8:18; 1Kh 1:8; 1Kr 27:5
- i 1Sa 22:20; 1Kh 1:7
- j Jos 21:8, 18; Jer 1:1
- k 1Sa 23:6; 2Sa 15:24; 1Kr 15:11, 12
- l 1Sa 22:22, 23

Uhla 2
- a 1Sa 2:31; 1Sa 3:12
- b Jos 18:1
- c 1Kh 1:7
- d 2Sa 18:14
- e 1Kr 21:29
- f Gen 9:6; Eks 21:14; Num 35:33; Dut 19:13; 1Kh 2:5
- g 2Sa 3:26, 27
- h 2Sa 2:8
- i 2Sa 20:10
- j 2Sa 17:25
- k 2Sa 3:29

thula okuvela kuJehova kuze
kube phakade.” **34** UBhenaya
indodana kaJehoyada wenyuka
wambulala uJowabe, wangcwa-
tshwa emzini wakhe ehlane.
**35** Ngemva kwalokho inkosi
yabeka uBhenaya[a] indodana
kaJehoyada esikhundleni sa-
khe phezu kwempi, inkosi ya-
beka uZadoki[b] umpristi esikhu-
ndleni sika-Abhiyathara.

**36** Inkosi yabiza uShime-
yi[c] yathi kuye: “Zakhele umu-
zi eJerusalema, uhlale kho-
na; ungaphumi uye kwenye
indawo. **37** Ngosuku oyophu-
ma ngalo uwele iSigodi Sase-
Kidroni,[d] uyofa nakanjani. Iga-
zi lakho liyoba phezu kwekha-
nda lakho.” **38** UShimeyi wa-
yiphendula inkosi wathi: “Lo-
khu okushilo kulungile. Ince-
ku yakho izokwenza njengoba
nje inkosi yami ishilo.” Ngakho
uShimeyi wahlala eJerusalema
izinsuku eziningi.

**39** Kodwa ekupheleni kwe-
minyaka emithathu, izigqila
ezimbili zikaShimeyi zabaleka
zaya ku-Akhishi[e] indodana ka-
Mahakha inkosi yaseGati. La-
pho uShimeyi etshelwa ku-
thiwa: “Izigqila zakho ziseGa-
ti,” **40** ngokushesha uShime-
yi wabophela imbongolo yakhe
wahamba wayobona u-Akhishi
eGati ukuze alande izigqila za-
khe. Lapho uShimeyi ebuya ne-
zigqila zakhe eGati, **41** uSo-
lomoni wabikelwa, kwathiwa:
“UShimeyi ubephumile eJeru-
salema waya eGati futhi use-
buyile.” **42** Lapho inkosi izwa
lokho yathumela ukuba ku-
yobizwa uShimeyi, yathi kuye:
“Angizange yini ngikufungise
uJehova ngakuxwayisa ngathi:
‘Ngosuku oyophuma ngalo la-
pha uye kwenye indawo, uyo-
fa nakanjani’? Wena awuza-
nge yini uthi kimi, ‘Lokho
okushoyo kulungile; ngizolale-
la’?[a] **43** Pho kungani ungaza-
nge ugcine isifungo sikaJehova
nomyalo engakubekela wona?”
**44** Inkosi yabe isithi kuShime-
yi: “Wena uyakwazi enhliziywe-
ni yakho konke okubi owakwe-
nza kuDavide ubaba,[b] uJehova
uzokubuyisela phezu kwekha-
nda lakho okubi owakwenza.[c]
**45** Kodwa iNkosi uSolomoni
iyobusiswa,[d] nesihlalo sikaDa-
vide siyomiswa siqine phambi
kukaJehova kuze kube phaka-
de.” **46** Ngakho inkosi yayala
uBhenaya indodana kaJehoya-
da, owabe esephuma wambu-
lala.[e]

Umbuso wama waqina esa-
ndleni sikaSolomoni.[f]

**3** USolomoni wakha ubuhlo-
bo noFaro inkosi yaseGi-
bhithe. Washada* nendodaka-
zi kaFaro[g] wayiletha eDolo-
bheni LikaDavide,[h] waze waqe-
da ukwakha indlu yakhe[i] ne-
ndlu kaJehova[j] nodonga olu-
biyele iJerusalema.[k] **2** Kodwa
abantu babesanikela ezindawe-
ni eziphakeme,[l] ngoba kuze
kube yileso sikhathi indlu ye-
gama likaJehova yayingakakhi-
wa.[m] **3** USolomoni waqhube-
ka emthanda uJehova ngo-
kuhamba ngemithetho uDavide
uyise ayemyale ngayo, ukuthi
nje wayeshisa imihlatshelo ezi-
ndaweni eziphakeme.[n]
**4** Inkosi yaya eGibheyoni
ukuyokwenza umhlatshelo kho-
na, ngoba leyo kwakuyinda-
wo ephakeme edumile.*[o] USo-
lomoni wanikela ngemihlatshe-
lo eshiswayo engu-1 000 kule-
lo altare.[p] **5** EGibheyoni uJe-
hova wabonakala kuSolomoni
ephusheni ebusuku, uNkulu-
nkulu wathi: “Cela lokho

ISAHL. 2
a 1Kr 11:24; 1Kr 27:5
b 1Sa 2:35; 1Kr 6:50, 53; 1Kr 12:28; 1Kr 16:37, 39; 1Kr 24:3
c 1Kh 2:8
d 2Sa 15:23; 2Kh 23:6; Joh 18:1
e 1Sa 21:10; 1Sa 27:2

Uhla 2
a 1Kh 2:38
b 2Sa 16:5, 13
c Hu 7:16; IzA 5:22
d Hu 21:6; Hu 72:17
e 1Kh 2:8, 9
f 2Kr 1:1; IzA 16:12

ISAHL. 3
g Dut 7:3, 4; 1Kh 7:8; 1Kh 9:24; 1Kh 11:1; Neh 13:25-27
h 2Sa 5:7; 1Kr 11:7
i 1Kh 7:1
j 1Kh 8:17-19
k 1Kh 9:15
l 2Kr 33:17
m Dut 12:5, 6; 1Kh 5:3; 1Kr 28:6
n 1Sa 7:9; 1Sa 10:8; 1Kr 21:26
o 1Kr 16:39, 40; 1Kr 21:29
p 2Kr 1:3-6

**3:1** *Noma, “Wathatha.” **3:4** *NgesiHebheru, “enkulu.”

ongathanda ngikuphe kona."[a]
**6** USolomoni waphendula wa-
thi: "Ubonise uthando oluqo-
tho olukhulu encekwini yakho
uDavide ubaba njengoba aha-
mba phambi kwakho ngokwe-
thembeka nangokulunga na-
ngobuqotho benhliziyo. Ubulo-
khu uqhubeka umbonisa utha-
ndo oluqotho kwaze kwaba na-
muhla ngokumnika indodana
ukuba ihlale esihlalweni sakhe
sobukhosi.[b] **7** Manje, Jehova
Nkulunkulu wami, wena we-
nze inceku yakho yaba yinkosi
esikhundleni sikaDavide ubaba,
nakuba isencane* futhi ingena-
lwazi.[#c] **8** Inceku yakho ipha-
kathi kwesizwe sakho osikhe-
thile,[d] isizwe esinabantu abani-
ngi abangenakubalwa. **9** Nga-
kho nika inceku yakho inhlizi-
yo elalelayo ukuze yahlulele isi-
zwe sakho,[e] ihlukanise phaka-
thi kokuhle nokubi,[f] ngoba uba-
ni okwaziyo ukwahlulela lesi si-
zwe sakho esikhulu?"*

**10** Kwamjabulisa uJehova
ukuthi uSolomoni wayecele le
nto.[g] **11** UNkulunkulu wathi
kuye: "Ngenxa yokuthi uce-
le le nto, awuzange uzicelele
ukuphila isikhathi eside* noma
ingcebo noma ukufa kwezi-
tha zakho, kodwa ucele uku-
qonda ukuze wahlulele kahle
amacala,[h] **12** ngizokwenza lo-
kho okucelile.[i] Ngizokunika
inhliziyo enokuhlakanipha ne-
nokuqonda,[j] ukuze njengoba
nje kungakaze kube namuntu
onjengawe esikhathini esidlu-
le, kungabi namuntu onjenga-
we ngemva kwakho.[k] **13** Nga-
phezu kwalokho, ngizokunika
nalokho ongakucelanga,[a]
ingcebo nodumo,[b] kangangoku-
ba ngeke kube nankosi enje-
ngawe zonke izinsuku zoku-
phila kwakho.*[c] **14** Uma uzo-
hamba ezindleleni zami ngoku-
gcina iziqondiso zami nemiya-
lo yami, njengoba nje uDavide
uyihlo ahamba kuzo,[d] ngizoza-
ndisa nezinsuku zakho."[e]

**15** Lapho uSolomoni epha-
phama, wabona ukuthi beku-
yiphupho. Ngakho waya eJe-
rusalema wafike wama pha-
mbi komphongolo wesivume-
lwano kaJehova, wanikela imi-
hlatshelo eshiswayo neminike-
lo ehlanganyelwayo,[f] wenzela
zonke izinceku zakhe idili.

**16** Ngaleso sikhathi kwa-
ngena izifebe ezimbili zama
phambi kwenkosi. **17** Owesi-
fazane wokuqala wathi: "Uxo-
lo, nkosi yami, mina nalona
wesifazane sihlala endlini eyo-
dwa, ngibelethe ekhona endli-
ni. **18** Kuthe ngosuku lwesi-
thathu ngibelethile, lona wesi-
fazane wabeletha naye. Be-
sindawonye, sisobabili kuphe-
la. Akekho omunye obenathi
endlini. **19** Ebusuku indoda-
na yalona wesifazane ifile, ngo-
ba ulale phezu kwayo.
**20** Ngakho uvukile phakathi
kwamabili wathatha indodana
yami eceleni kwami ngesikha-
thi incekukazi yakho izumeki-
le wayibeka esifubeni sakhe,
wabe esethatha indodana ya-
khe efile wayibeka esifubeni
sami. **21** Lapho ngivuka eku-
seni ukuze ngincelise indodana
yami ngithole ukuthi ifile. Nga-
kho ngiyihlolisisile ekuseni,
ngabona ukuthi akuyona indo-
dana yami engiyizele." **22** Ko-
dwa lona omunye wesifazane
wathi: "Cha, indodana yami

---

**3:7** *Noma, "isengumfanyana." #NgesiHebheru, "ngingakwazi ukuphuma nokungena." **3:9** *Noma kungaba, "esinzima." NgesiHebheru, "esisindayo." **3:11** *NgesiHebheru, "izinsuku eziningi."

**3:13** *NgesiHebheru, "zonke izinsuku zakho."

---

ISAHL. 3
a 2Kr 1:7-10
b 1Kh 2:1, 4
c 1Kr 29:1; Jer 1:6
d Eks 19:5, 6
e Hu 72:1; Hu 119:34
f Heb 5:14
g IzA 15:8
h 1Kr 22:12; 1Kr 29:19; 2Kr 1:11, 12; IzA 16:16
i Shu 1:16; 1Jo 5:14
j 1Kh 4:29; IzA 2:3-5; Jak 1:5
k Mat 12:42

Uhla 2
a Hu 84:11; Mat 6:33; Efe 3:20
b 1Kh 4:21; Shu 7:11
c 1Kh 10:23
d 1Kh 15:5
e Hu 21:4; Hu 91:14, 16; IzA 3:13, 16
f Lev 7:11

yile ephilayo, indodana yakho
yile efile!” Kodwa owesifazane
wokuqala wayethi: “Cha, indo-
dana yakho yile efile, indodana
yami yile ephilayo.” Babephiki-
sana kanjalo phambi kwenkosi.
**23** Ekugcineni inkosi yathi:
“Lona uthi, ‘Indodana yami yile
ephilayo, indodana yakho yile
efile!’ nalo uthi, ‘Cha, indo-
dana yakho yile efile, indodana
yami yile ephilayo!’ ” **24** Inko-
si yathi: “Ngiletheleni inke-
mba.” Ngakho bayiletha inke-
mba enkosini. **25** Inkosi ya-
thi: “Hlukanisani le ngane ephi-
layo kabili, enye ingxenye ni-
yinike omunye wesifazane, ne-
nye ingxenye niyinike omu-
nye.” **26** Ngakho owesifaza-
ne okwakungeyakhe indodana
ephilayo wancenga inkosi ngo-
ba wezwa ubuhlungu ngendo-
dana yakhe. Wathi: “Nkosi
yami! Ngicela umnike ingane
ephilayo. Ungalokothi uyibula-
le.” Kodwa lona omunye wesi-
fazane wathi: “Ngeke siyithole
sobabili! Mayihlukaniswe pha-
kathi!” **27** Inkosi yaphendula
yathi: “Nikani owesifazane wo-
kuqala ingane ephilayo! Ninga-
lokothi niyibulale, ngoba nguye
ongunina.”
**28** Ngakho wonke u-Israyeli
wezwa ngesinqumo inkosi eya-
yisikhiphile, futhi wamangala*
ngenxa yenkosi,[a] ngoba wabo-
na ukuthi ukuhlakanipha kuka-
Nkulunkulu kwakukuyo ukuze
yahlulele ngobulungisa.[b]
**4** INkosi uSolomoni yabusa
phezu kwawo wonke u-Isra-
yeli.[c] **2** Yilaba ababeyizikhulu
zayo: U-Azariya indodana
kaZadoki[d] wayengumpristi;
**3** u-Elihorefi no-Ahiya ama-
dodana kaShisha babengono-
bhala;[e] uJehoshafati[f] indoda-
na ka-Ahiludi, engumgcini-mi-
bhalo; **4** uBhenaya[a] indoda-
na kaJehoyada wayeyindu-
na yebutho lempi; uZadoki
no-Abhiyathara[b] bengabapri-
sti; **5** u-Azariya indodana ka-
Nathani[c] wayengamele izindu-
na; uZabudi indodana kaNa-
thani engumpristi nomngani
wenkosi;[d] **6** u-Ahishari waye-
ngamele isigodlo; u-Adonira-
mu[e] indodana ka-Abhida enga-
mele labo ababuthelwe ukwe-
nza umsebenzi wenkosi.[f]
**7** USolomoni wayenezinduna
ezingu-12 ezazengamele wonke
u-Israyeli, ezazilungiselela inko-
si nabendlu yayo ukudla. Nga-
yinye yayinomthwalo wokulu-
ngiselela ukudla inyanga eyo-
dwa onyakeni.[g] **8** Yilezi izindu-
na: Indodana kaHure, ezinta-
beni zakwa-Efrayimi; **9** indo-
dana kaDekeri, eyayengame-
le eMakazi naseShahalibhimi[h]
naseBheti-shemeshi nase-Eloni-
bheti-hanani; **10** indodana ka-
Hesedi, e-Arubhoti (yayengame-
le iSoko nalo lonke izwe laseHe-
feri); **11** indodana ka-Abhina-
daba, eyayengamele yonke inda-
wo egudle izintaba zaseDori (ya-
yishade nendodakazi kaSolomo-
ni uThafati); **12** uBhana indo-
dana ka-Ahiludi, eThahanaki na-
seMegido[i] nalo lonke iBheti-
sheyani[j] eliseceleni kweZaretani
ngezansi kweJizreyeli, ukusuka
eBheti-sheyani kuya e-Abela-me-
hola nasesifundeni saseJokime-
yamu;[k] **13** indodana kaGeberi,
eRamoti-gileyadi[l] (yayengamele
imizi yamatende kaJayire[m]
indodana kaManase, eseGileya-
di;[n] yayengamele nesifunda
sase-Arigobhi,[o] esiseBhashani:[p]
amadolobha amakhulu angu-
60 abiyelwe ngezindonga nemi-
goqo yethusi); **14** u-Ahinadaba
indodana ka-Ido, eMahanayimi;[q]
**15** u-Ahimahazi, kwaNafetali

ISAHL. 3
a 1Kr 29:23-25 Hu 72:5
b 1Kh 3:9, 10

ISAHL. 4
c 2Kr 9:30 Shu 1:12
d 1Kr 6:8 1Kr 27:16, 17
e 2Sa 8:17 1Kr 27:32
f 2Sa 8:16 2Sa 20:24

Uhla 2
a 1Kh 1:8 1Kh 2:35 1Kr 27:5
b 1Kh 2:26
c 1Kh 1:9, 10
d 2Sa 15:37 1Kr 27:33
e 2Sa 20:24 1Kh 5:14 1Kh 12:18
f 1Kh 9:15
g 1Kr 27:1
h Jos 19:42, 48
i 2Kh 23:29
j Jos 17:11 1Sa 31:8, 10
k Jos 21:34
l Dut 4:41-43 1Kh 22:3
m Num 32:41 Dut 3:14
n Num 32:1
o Dut 3:4
p Jos 13:8, 11
q Gen 32:1, 2 2Sa 2:8, 9

**3:28** *NgesiHebheru, “wesaba.”

(wathatha uBhasemati, enye indodakazi kaSolomoni, waba umkakhe); **16** uBhana indodana kaHushayi, kwa-Asheri naseBheyaloti; **17** uJehoshafati indodana kaPharuwa, kwa-Isakare; **18** uShimeyi[a] indodana ka-Ela, kwaBhenjamini;[b] **19** uGeberi indodana ka-Uri, ezweni lakwaGileyadi,[c] ezweni likaSihoni[d] inkosi yama-Amori nasezweni lika-Ogi[e] inkosi yaseBhashani. Kwakunenduna eyodwa eyayengamele zonke lezi zinduna ezazisezweni.

**20** UJuda no-Israyeli babebaningi, bengangezihlabathi zolwandle ngobuningi;[f] babedla bephuza bejabula.[g]

**21** USolomoni wabusa phezu kwayo yonke imibuso kusukela eMfuleni*[h] kuze kufike ezweni lamaFilisti nasemngceleni waseGibhithe. Le mibuso yayikhokha intela futhi ikhonza uSolomoni zonke izinsuku zokuphila kwakhe.[i]

**22** Ukudla kukaSolomoni kosuku ngalunye kwakungamakhora* angu-30 kafulawa ocolekile namakhora angu-60 kafulawa, **23** izinkomo eziyishumi ezikhuluphalisiwe, izinkomo ezingu-20 eziklaba emadlelweni nezimvu ezingu-100, ngaphandle kwezinyamazane ezihlukahlukene nezinyoni ezinonile. **24** Ngoba wayebusa konke okunganeno koMfula,*[j] kusukela eThifisa kuya eGaza,[k] kuhlanganise nawo wonke amakhosi anganeno koMfula; kwaba nokuthula kuyo yonke indawo engaphansi kwakhe.[l] **25** UJuda no-Israyeli bahlala ngokulondeka, wonke umuntu ngaphansi kwesihlahla sakhe samagilebhisi nangaphansi komkhiwane wakhe, kusukela kwaDani kuya eBheri-sheba, zonke izinsuku zikaSolomoni.

**26** USolomoni wayenezitebele zamahhashi ezinqola ezingu-4 000* namahhashi# angu-12 000.[a]

**27** Izinduna zazilethela iNkosi uSolomoni nawo wonke umuntu owayedla etafuleni leNkosi uSolomoni ukudla. Ngayinye yayikuletha ngenyanga yayo, iqikelele nokuthi konke kuphelele.[b] **28** Zazilethela nebhali nefolishi lamahhashi nelezipani zamahhashi nomaphi lapho lalidingeka khona, induna ngayinye ngokwesabelo sayo.

**29** UNkulunkulu wanika uSolomoni ukuhlakanipha okukhulu kakhulu nokuqonda okungacabangeki. Wamnika nenhliziyo enokuqonda okujulile.*[c] **30** Ukuhlakanipha kukaSolomoni kwakukudlula kude ukuhlakanipha kwabo bonke abantu baseMpumalanga nakho konke ukuhlakanipha kwaseGibhithe.[d] **31** Wayehlakaniphe kunabo bonke abantu, ehlakaniphile kuno-Ethani[e] umEzra, uHemani,[f] uKalikoli[g] noDarda amadodana kaMaholi; udumo lwakhe lwasakazekela kuzo zonke izizwe nxazonke.[h] **32** Waqamba* izaga ezingu-3 000,[i] izingoma zakhe[j] zazingu-1 005. **33** Wayekhuluma ngezihlahla, kusukela kumsedari oseLebhanoni kuya kuyi-

ISAHL. 4
*a* 1Kh 1:8
*b* Jos 18:11
*c* Jos 17:1
*d* Num 21:21
*e* Dut 3:4
*f* Gen 22:15, 17
*g* Shu 2:24
*h* Gen 15:18; Eks 23:31; 2Sa 8:3; Hu 72:8-10
*i* Hu 72:10
*j* Jos 1:4
*k* Gen 10:19
*l* 1Kh 5:4; 1Kr 22:9; Hu 72:7

Uhla 2
*a* Dut 17:15, 16; 1Kh 10:24-26; 2Kr 1:14, 17
*b* 1Kh 4:7
*c* 1Kh 10:23; 2Kr 1:10; IzA 2:6
*d* IzE 7:22
*e* Hu 89:0
*f* Hu 88:0
*g* 1Kr 2:4, 6
*h* 1Kh 10:1, 7; Luk 11:31
*i* IzA 1:1; Shu 12:9
*j* Hla 1:1

**4:21** *Okuwukuthi, i-Ewufrathe. **4:22** *Ikhora lalilingana no-220 L. Bheka iSithasiselo B14. **4:24** *Okuwukuthi, entshonalanga ye-Ewufrathe.

**4:26** *Leli nani litholakala kweminye imibhalo yesandla nasekulandiseni kwendaba efanayo. Eminye imibhalo yesandla ithi wayenezitebele ezingu-40 000. #Noma, “nabagibeli bamahhashi.” **4:29** *Noma, “nenhliziyo ebanzi.” **4:32** *Noma, “Wayekhuluma.”

hisopi[a] elimila odongeni; wa-
yekhuluma ngezilwane,[b] izi-
nyoni,[*c] izinto ezinwabuzela-
yo[#d] nangezinhlanzi. **34** Aba-
ntu abavela kuzo zonke izizwe
babefika bezozwa ukuhlakani-
pha kukaSolomoni, okubalwa
kubo namakhosi avela kuwo
wonke umhlaba ayezwile ngo-
kuhlakanipha kwakhe.[e]

**5** Lapho uHiramu inkosi yase-
Thire[f] ezwa ukuthi uSo-
lomoni wayegcotshwe ukuba
abe yinkosi esikhundleni sika-
yise, wathumela izinceku za-
khe kuSolomoni, ngoba uHi-
ramu wayengumngani kaDavi-
de.[*g] **2** USolomoni naye wa-
thumela umyalezo kuHiramu,[h]
wathi: **3** "Wazi kahle ukuthi
uDavide ubaba akakwazanga
ukwakhela igama likaJehova
uNkulunkulu wakhe indlu nge-
nxa yezimpi eziningi ayebheke-
ne nazo, kwaze kwaba yilapho
uJehova ebeka izitha zakhe
ngaphansi kwamathe ezinyawo
zakhe.[i] **4** Kodwa manje uJe-
hova uNkulunkulu wami ungi-
nike ukuphumula nxazonke.[j]
Akukho muntu omelene nami,
akukho nokubi okwenzekayo.[k]
**5** Ngakho ngihlose ukwakhe-
la igama likaJehova uNkulu-
nkulu wami indlu, njengoba
nje uJehova athembisa kuDavi-
de ubaba, wathi: 'Indodana ya-
kho engiyoyibeka esihlalweni
sakho sobukhosi esikhundleni
sakho, yiyo eyokwakhela igama
lami indlu.'[l] **6** Manje yala aba-
ntu bakho ukuba bangigawule-
le imisedari eLebhanoni.[m] Izi-
nceku zami zizosebenza nezi-
nceku zakho, ngizokukhokhela
ngenxa yezinceku zakho ngo-
kwenani ozolisho, ngoba uya-
zi ukuthi akekho noyedwa pha-
kathi kwethu okwazi ukugawu-
la izihlahla njengabantu base-
Sidoni."[a]

**7** Lapho uHiramu ezwa ama-
zwi kaSolomoni, wajabula ka-
khulu, wathi: "Makadunyiswe
uJehova namuhla ngoba uni-
ke uDavide indodana ehlakani-
phile ukuba ibuse phezu kwa-
lesi sizwe esikhulu!"[*b] **8** Nga-
kho uHiramu wathumela izwi
kuSolomoni, wathi: "Ngiwuzwi-
le umyalezo owuthumele kimi.
Ngizokwenza konke okufisayo
ngokukulethela izingodo zo-
msedari nezomjunipha.[c] **9** Izi-
nceku zami zizozehlisa ukusu-
ka eLebhanoni ziziyise olwa-
ndle, ngizozibophela ndawo-
nye bese ngizintantisa zihambe
olwandle ziye endaweni ozo-
ngazisa yona. Uma zifika la-
pho zizohlukaniswa, bese wena
uzithatha. Wena uzongikhokhe-
la ngokuthi unike abantu bami
ukudla."[d]

**10** Ngakho uHiramu wani-
ka uSolomoni zonke izingo-
do zomsedari nezomjunipha
ayezifisa. **11** USolomoni wa-
nika uHiramu amakhora[*] ka-
kolweni angu-20 000 njengoku-
dla kwabantu bakhe namakho-
ra angu-20 amafutha omnqu-
mo ekhethelo.[#] Yilokho uSolo-
moni ayekunika uHiramu unya-
ka nonyaka.[e] **12** UJehova wa-
nika uSolomoni ukuhlakani-
pha, njengoba nje ayemthe-
mbisile.[f] Kwakunokuthula pha-
kathi kukaHiramu noSolomo-
ni, bobabili benza isivume-
lwano.

**13** INkosi uSolomoni yabu-
tha amadoda azokwenza

ISAHL. 4
*a* Eks 12:22
*b* IzA 30:30
*c* IzA 30:19
*d* IzA 6:6; IzA 30:25
*e* 2Kr 9:1, 23

ISAHL. 5
*f* Hez 27:3
*g* 2Sa 5:11
*h* 2Kr 2:3
*i* 2Sa 7:5; 1Kr 22:7, 8
*j* 1Kh 4:24, 25
*k* IzA 16:7
*l* 2Sa 7:12, 13; 1Kr 22:9, 10; 2Kr 2:4
*m* 1Kh 6:9, 20

Uhla 2
*a* 2Kr 2:8
*b* 2Kr 2:11, 12
*c* 2Sa 6:5; 1Kh 6:15; 2Kr 3:5
*d* 2Kr 2:15, 16; Ezr 3:7
*e* 2Kr 2:10
*f* 1Kh 3:12; 1Kh 4:29; Jak 1:5

**4:33** *Noma, "izidalwa ezindizayo." #Kungenzeka kuhlanganisa izinto ezihuquzelayo nezinambuzane. **5:1** *Noma, "wayemthanda uDavide."

**5:7** *Noma, "esingenakubalwa." **5:11** *Ikhora lalilingana no-220 L. Bheka iSithasiselo B14. #NgesiHebheru, "amafutha agquliwe."

umsebenzi wayo kulo lonke
elakwa-Israyeli; angu-30 000
amadoda abuthwa.[a] **14** Waye-
wathumela eLebhanoni ngoku-
shintshana ngezigaba zabangu-
10 000 inyanga ngayinye. Aye-
hlala inyanga eyodwa eLebha-
noni, izinyanga ezimbili abe
semakhaya awo; u-Adoniramu[b]
wayengamele labo ababuthelwe
ukwenza umsebenzi wenkosi.
**15** USolomoni wayenezisebe-
nzi ezenza imisebenzi evamile*
ezingu-70 000 nabasiki bama-
tshe abangu-80 000[c] ezintabe-
ni,[d] **16** kanye nezinduna zika-
Solomoni ezingu-3 300[e] ezaziqo-
ndisa izisebenzi. **17** Inkosi ya-
yala ukuba zimbe amatshe ama-
khulu, amatshe abizayo,[f] ukuze
kubekwe isisekelo[g] sendlu nga-
matshe asikiwe.[h] **18** Ngakho
abakhi bakaSolomoni nabakhi
bakaHiramu nabaseGebhali[i] ba-
besika amatshe, belungiselela
nezingodo zokwakha indlu.

**6** Ngonyaka ka-480 ngemva
kokuba ama-Israyeli* ephu-
me ezweni laseGibhithe,[j] ngo-
nyaka wesine ngemva koku-
ba uSolomoni ebe yinkosi phe-
zu kuka-Israyeli, ngenyanga
kaZivi#[k] (okungukuthi, inya-
nga yesibili), uSolomoni waqa-
la ukwakha indlu kaJehova.△[l]
**2** Indlu iNkosi uSolomoni eya-
yakhela uJehova yayiyizinga-
lo ezingu-60* ubude, iyizi-
ngalo ezingu-20 ububanzi ne-
zingalo ezingu-30 ukuphaka-
ma.[m] **3** Umpheme[n] ongapha-
mbili ethempelini* wawuyizi-
ngalo ezingu-20 ubude,* uli-
ngana nobubanzi bendlu.# Wa-
wuyizingalo eziyishumi uma
uwukala usuka phambi kwe-
ndlu.

**4** Indlu wayenzela izikhala
zamafasitela ezibanzi ngapha-
kathi bese ziya ngokuya zinci-
pha ngaphandle.[a] **5** Ngaphezu
kwalokho, wakha isakhiwo esi-
seceleni odongeni lwendlu; sa-
sizungeza izindonga zendlu,
ezethempeli* nezekamelo eli-
ngaphakathi,[b] wenza amagu-
mbi aseceleni nxazonke.[c]
**6** Isitezi esiphansi samagumbi
aseceleni sasiyizingalo ezinhla-
nu ububanzi, isitezi esiphaka-
thi nendawo siyizingalo eziyi-
sithupha ububanzi, isitezi se-
sithathu siyizingalo eziyisikho-
mbisa ububanzi, ngoba we-
nza udonga lwaba nezindawo
okuzohlala kuzo amapulangwe
ayezohlukanisa izitezi. Ngaleyo
ndlela kwakungekho lutho olu-
ncike ezindongeni zendlu.[d]

**7** Indlu yakhiwa ngamatshe
asenkwalini ayesesikiwe ka-
kade,[e] okwenza kwangezwa-
kala msindo wezando noma
wezimbazo nowanoma yimaphi
amathuluzi ensimbi ngesikha-
thi indlu yakhiwa. **8** Umnya-
ngo wesitezi esiphansi samagu-
mbi aseceleni wawusohlango-
thini oluseningizimu* yendlu,[f]
kwakunezitebhisi ezinyukela
esitezi esiphakathi, bese zisu-
ka esitezi esiphakathi ziye esi-
tezi sesithathu. **9** Waqhubeka
nokwakha indlu waze wayiqe-
da,[g] wafulela indlu ngezingodo
zomsedari nangamapulangwe
omsedari.[h] **10** Wakha amagu-
mbi asemaceleni nxazonke ze-

---

**5:15** *Noma, “wayenabathwali bemithwalo.” **6:1** *NgesiHebheru, “amadodana ka-Israyeli.” #Bheka iSithasiselo B15. △Bheka iSithasiselo B8. **6:2** *Ingalo yayilingana no-44,5 cm. Bheka iSithasiselo B14. **6:3** *NgesiHebheru, “ithempeli lendlu.”

**6:3** *Noma, “ububanzi.” #Noma, “wawuyizingalo ezingu-20 unqamula ububanzi bendlu.” **6:5** *Lapha kukhulunywa ngeNgcwele. **6:8** *NgesiHebheru, “olungakwesokudla.”

---

ISAHL. 5
a 1Kh 9:15
b 2Sa 20:24; 1Kh 4:6; 1Kh 12:18
c 1Kr 22:15
d Jos 16:10; 1Kh 9:20-22; 2Kr 2:2; 2Kr 2:17, 18; 2Kr 8:7-9
e 1Kh 9:23
f 1Kh 7:9; 1Kr 22:2
g IsA 21:14
h 1Kh 6:7
i Jos 13:1, 5

ISAHL. 6
j Eks 12:14, 51
k 1Kh 6:37
l 1Kr 28:11, 12; 2Kr 3:1, 2
m 2Kr 3:3; Ezr 6:3
n 2Kr 3:4

Uhla 2
a Hez 41:26
b Lev 16:2; 2Kr 5:7; Heb 9:3
c 1Kh 6:10; Hez 41:5, 26
d Hez 41:6, 7
e 1Kh 5:17
f Hez 41:11
g 1Kh 6:38
h 1Kh 5:6; 1Kh 6:20

ndlu,[a] igumbi ngalinye laliyizingalo ezinhlanu ukuphakama, ayexhumene nendlu ngezingodo zomsedari.

**11** Phakathi naleso sikhathi, izwi likaJehova lafika kuSolomoni, lathi: **12** “Ngokuqondene nale ndlu oyakhayo, uma uhamba ngemithetho yami wenze ngokuvumelana nezahlulelo zami, ugcine yonke imiyalo yami ngokuhamba kuyo,[b] nami ngizosigcina isithembiso sami engasenza kuDavide uyihlo,[c] **13** ngizohlala phakathi kwama-Israyeli,[d] ngeke ngisishiye isizwe sami u-Israyeli.”[e]

**14** USolomoni waqhubeka akha indlu ukuze ayiqede. **15** Wahlobisa izindonga zangaphakathi zendlu ngamapulangwe omsedari, kusukela phansi kuze kube sophahleni, phansi endlini wafaka amapulangwe omjunipha.[f] **16** Wenza igumbi eliyizingalo ezingu-20 engxenyeni engemuva yendlu ngamapulangwe omsedari, kusukela phansi kuze kube sophahleni, ngaphakathi kwalo wenza ikamelo elingaphakathi,[g] iNgcwelengcwele.[h] **17** Ithempeli*[i]—okuyingxenye yendlu engaphambi kweNgcwelengcwele—laliyizingalo ezingu-40. **18** Umsedari owawungaphakathi endlini wawuqoshwe imifanekiso yamaselwa[j] neyezimbali eziqhakazile.[k] Konke kwakuwumsedari; kwakungekho tshe.

**19** Walungisa ikamelo elingaphakathi[l] endlini, ukuze abeke kulo umphongolo wesivumelwano sikaJehova.[m] **20** Ikamelo elingaphakathi laliyizingalo ezingu-20 ubude, liyizingalo ezingu-20 ububanzi, liyizingalo ezingu-20 ukuphakama;[a] walinameka ngegolide elihlanzekile; washayelela lonke i-altare[b] ngomsedari. **21** USolomoni wanameka ingaphakathi lendlu ngegolide elingaxutshiwe,[c] wabeka amaketanga egolide anqamula phambi kwekamelo elingaphakathi[d] elalinanyekwe ngegolide. **22** Yonke indlu wayinameka ngegolide, waze wayiqeda yonke indlu; wanameka nalo lonke i-altare[e] elalingasekamelweni elingaphakathi ngegolide.

**23** Ekamelweni elingaphakathi wenza amakherubi amabili[f] ngokhuni lwesihlahla sonwele,* ngalinye liyizingalo eziyishumi ukuphakama.[g] **24** Iphiko elilodwa lekherubi laliyizingalo ezinhlanu nelinye iphiko liyizingalo ezinhlanu. Ukusuka kwesinye isihloko sephiko kuya kwesinye isihloko sephiko kwakuyizingalo eziyishumi. **25** Ikherubi lesibili nalo laliyizingalo eziyishumi. Womabili la makherubi ayelingana futhi efana. **26** Ukuphakama kwelinye ikherubi kwakuyizingalo eziyishumi, njengoba kwakunjalo nangelinye ikherubi. **27** Ngemva kwalokho wabeka la makherubi[h] ngaphakathi eNgcwelengcwele. Amaphiko amakherubi ayelulekile kangangokuba iphiko lelinye ikherubi lalifinyelela odongeni, nephiko lelinye ikherubi lifinyelele kolunye udonga; amaphiko awo ayeluleka afinyelele maphakathi nendlu okwakwenza ukuba amaphiko athintane. **28** La makherubi wawanameka ngegolide.

**29** Kuzo zonke izindonga zendlu nxazonke ekamelweni

6:17 *Okuwukuthi, iNgcwele, eyayiphambi kweNgcwelengcwele.

6:23 *NgesiHebheru, “lwesihlahla sikawoyela,” okungenzeka ukuthi uhlobo lwesihlahla sonwele.

ISAHL. 6
a 1Kh 6:5
b Dut 17:18, 19; 1Kh 8:25; 1Kr 28:9
c 2Sa 7:13; 1Kr 22:9
d Eks 25:8; Lev 26:12; Hu 132:13
e 1Kr 28:20
f 1Kh 5:8; 2Kr 3:5
g 1Kh 6:5
h 2Kr 3:8, 9; Heb 9:3
i Heb 9:2
j 1Kh 7:24
k Eks 25:33
l Heb 9:3
m Eks 40:21; 1Kh 8:6

Uhla 2
a 1Kh 6:16
b Eks 30:1; 1Kh 7:48
c Eks 26:29; 2Kr 3:7
d Eks 26:33
e Eks 30:1, 3; Eks 40:5
f Gen 3:24; 2Kh 19:15; Hu 99:1
g 2Kr 3:10-13; 2Kr 5:8
h Hu 80:1; Isay 37:16; Heb 9:4, 5

elingaphakathi nelingapha-
ndle,* waqopha imifaneki-
so yamakherubi,[a] imidwebo
yezihlahla zesundu[b] nemi-
fanekiso yezimbali eziqhaka-
zile.[c] **30** Phansi endlini wana-
meka ngegolide, ekamelwe-
ni elingaphakathi nelingapha-
ndle. **31** Umnyango wekame-
lo elingaphakathi wawenzela
izicabha ezimbili zokhuni lwe-
sihlahla sonwele, izinsika ezi-
semaceleni nezinsika zeminya-
ngo, okuyingxenye yesihlanu.*
**32** Izicabha ezimbili zazenzi-
we ngokhuni lwesihlahla so-
nwele, waqopha kuzo imifa-
nekiso yamakherubi, imidwe-
bo yezihlahla zesundu, ne-
mifanekiso yezimbali eziqha-
kazile, wakunameka ngego-
lide; washayelela igolide phe-
zu kwamakherubi nemidwebo
yezihlahla zesundu. **33** Waze-
nza kanjalo izinsika zomnya-
ngo zokhuni lwesihlahla so-
nwele enzela umnyango we-
thempeli,# ongowengxenye ye-
sine.* **34** Wenza izicabha ezi-
mbili ngokhuni lomjunipha.
Esinye isicabha sasisongeka
kabili nesinye isicabha sisonge-
ka kabili.[d] **35** Waqopha imifa-
nekiso yamakherubi, eyezihla-
hla zesundu neyezimbali ezi-
qhakazile, wanameka igolide
phezu kwayo.

**36** Wakha igceke elingapha-
kathi[e] ngezinhlu ezintathu za-
matshe asikiwe nangohlu lwe-
zingodo zomsedari.[f]

**37** Ngonyaka wesine, nge-
nyanga kaZivi,* isisekelo sendlu
kaJehova sabekwa;[g] **38** ngo-
nyaka weshumi nanye, ngenya-
nga kaBuli,* (okungukuthi, nge-
nyanga ka-8), kwaphela ukwa-
khiwa kwendlu ngokuvume-
lana nayo yonke imininingwa-
ne yokwakhiwa kwayo nomkla-
mo wayo.[a] Ngakho kwamthatha
iminyaka eyisikhombisa ukuya-
kha.

**7** Kwamthatha iminyaka engu-
13 uSolomoni ukwakha
indlu yakhe,*[b] waze wayiqeda
yonke.[c]

**2** Wakha iNdlu Yehlathi La-
seLebhanoni[d] engamamitha
angu-45 ubude, amamitha angu-
22 ububanzi namamitha angu-
13 ukuphakama, yayakhiwe
phezu kwezinhlu ezine zezinsi-
ka zomsedari; kwakukhona izi-
ngodo zomsedari ezivundli-
le[e] phezu kwezinsika. **3** Yayi-
shayelelwe ngokhuni lomseda-
ri phezu kwezingodo ezivundli-
le ezaziphezu kwezinsika; zazi-
ngu-45 sezizonke, zingu-15
ohlwini ngalunye. **4** Kwakuna-
mafasitela ayizinhlu ezinta-
thu, ifasitela ngalinye lalibhe-
kene nelinye ifasitela, elande-
lana eyizitezi ezintathu. **5** Yo-
nke iminyango nezinsika zemi-
nyango kwakuyizikwele,* nje-
ngoba kwakunjalo ngamafasite-
la ayebhekene namanye elande-
lana njengezitezi ezintathu.

**6** Wakha iHholo Lezinsika*
elingamamitha angu-22 ubude
namamitha angu-13 ububanzi,
kwakunompheme phambi kwa-
lo unezinsika nesifulelo.

**7** Wakha neHholo Lesihlalo*
Sobukhosi[f] lapho ayezokwahlu-
lela khona—iHholo Lokwahlule-
la[g]—balihlobisa ngomsedari ku-
sukela phansi kuze kube sema-
pulangweni ophahla.

ISAHL. 6
*a* 2Kr 3:14
*b* Hez 41:17, 18
*c* Eks 25:33; 1Kh 6:18
*d* Hez 41:24, 25
*e* Eks 27:9; 2Kr 4:9; 2Kr 7:7
*f* 1Kh 7:12
*g* 1Kh 6:1

Uhla 2
*a* 1Kr 28:11, 12

ISAHL. 7
*b* 1Kh 9:10
*c* Shu 2:4, 5
*d* 1Kh 10:16, 17; Isay 22:8
*e* 1Kh 5:8
*f* 1Kh 10:18; Hu 122:2, 5
*g* 1Kh 3:9, 28; IzA 20:8

**6:29** *NgesiHebheru, “ngaphakathi nangaphandle.” **6:31, 33** *Kungenzeka kubhekisela ekwakhiweni kwezinsika zomnyango noma ubukhulu beminyango. **6:33** #Lapha kukhulunywa ngeNgcwele. **6:37, 38** *Bheka iSithasiselo B15.

**7:1** *Noma, “isigodlo sakhe.” **7:5** *Noma, “kwakunezinhlangothi ezine.” **7:6** *Noma, “uMpheme Wezinsika.” **7:7** *Noma, “noMpheme Wesihlalo.”

8 Indlu* ayezohlala kuyo,
kwelinye igceke,[a] yayithe uku-
qhela eHholo,# futhi yayakhiwe
ngendlela efanayo. USolomoni
wakha nendlu efana naleli
Hholo eyakhela indodakazi ka-
Faro, ayeyithathile yaba umka-
khe.[b]
9 Zonke lezi zindlu zaza-
khiwe ngamatshe abizayo[c] asi-
kwe ngokwesilinganiso, asa-
hwa ngamasaha amatshe, nga-
phakathi nangaphandle, kusu-
kela esisekelweni kuze kube
phezulu, nangaphandle kuze
kufike egcekeni elikhulu.[d]
10 Isisekelo sasakhiwe ngama-
tshe amakhulu abizayo; ama-
nye amatshe ayengamamitha
amahlanu, amanye amatshe
engamamitha amane. 11 Nga-
phezu kwalawa kwakukhona
namanye amatshe abizayo asi-
kwe ngokwesilinganiso, kanye
nokhuni lomsedari. 12 Igceke
elikhulu lalibiyelwe ngezinhlu
ezintathu zamatshe asikiwe
nohlu lwezingodo zomseda-
ri, njengegceke elingaphaka-
thi[e] lendlu kaJehova nomphe-
me wendlu.[f]
13 INkosi uSolomoni yathu-
mela ukuba kulandwe uHira-
mu[g] eThire. 14 Wayeyindoda-
na yomfelokazi wesizwe sakwa-
Nafetali, uyise wayengumThi-
re esebenza ngethusi;[h] waye-
yingcweti, enokuqonda[i] no-
lwazi lokwenza zonke izinhlo-
bo zomsebenzi wethusi. Nga-
kho weza eNkosini uSolomo-
ni wenza wonke umsebenzi
wayo.
15 Wabumba izinsika ezi-
mbili zethusi;[j] insika ngayinye
yayingamamitha angu-8 uku-
phakama, ngayinye yalezi zi-
nsika ezimbili yayingase izu-
ngezwe intambo engamami-
tha amahlanu.[a] 16 Wenza izi-
hloko zezinsika ezimbili ezibu-
njwe ngethusi ukuze azibeke
phezu kwezinsika. Esinye isi-
hloko sasingamamitha ama-
bili nesinye isihloko singa-
mamitha amabili. 17 Isihloko
ngasinye esasiphezu kwensi-
ka sasihlotshiswe ngokusa-
sisefo kanye nokusaketanga
okuzungezayo;[b] kuyisikhombi-
sa kwesinye isihloko nesi-
khombisa kwesinye isihloko.
18 Wenza amahalananda* aba
yizinhlu ezimbili azungeza um-
hlobiso osasisefo ukuze ambo-
ze izihloko ezaziphezu kwezi-
nsika; wenza okufanayo kuzo
zombili izihloko. 19 Izihloko
ezaziphezu kwezinsika emphe-
meni zazenziwe njengembali
yomnduze, zingamamitha ama-
bili ukuphakama. 20 Izihloko
zaziphezu kwezinsika ezimbili,
ngaphezudlwana kwengxenye
eyindilinga exhumene nomhlo-
biso osasisefo; kwakunamaha-
lananda angu-200 alandelanayo
azungeza isihloko ngasinye.[c]
21 Wamisa lezi zinsika zom-
pheme wethempeli.*[d] Wamisa
insika yangakwesokudla# wayi-
qamba ngokuthi uJakini,△ wa-
yesemisa insika yangakweso-
bunxele⊠ wayiqamba ngokuthi
uBhowazi.□[e] 22 Phezu kwezi-
nsika kwakunomhlobiso wom-
nduze. Ngakho umsebenzi we-
zinsika waqedwa.
23 Ngemva kwalokho we-
nza uLwandle* lwensimbi.[f]
Lwaluyindilinga, lungamami-
tha amane ukusuka kolunye

ISAHL. 7
a 2Kh 20:4
b 1Kh 3:1
1Kh 9:24
2Kr 8:11
c 1Kh 5:17
d 2Kr 4:9
e 1Kh 6:36
2Kr 4:9
2Kr 7:7
f 1Kh 6:3
g 1Kh 7:40
2Kr 2:13, 14
h 2Kr 4:16
i Eks 36:1
j 1Kh 7:21

Uhla 2
a 2Kh 25:13, 17
2Kr 3:15
Jer 52:21
b 2Kh 25:17
2Kr 4:12, 13
c 2Kh 25:17
2Kr 3:16
Jer 52:22, 23
d 1Kh 6:3
Hez 40:48
e 2Kr 3:17
f Eks 30:18
2Kh 25:13

**7:8** *Noma, "Isigodlo." #NgesiHebheru, "endlini yeHholo."

**7:18** *Noma, "amahananadi." **7:21** *Lapha kubhekiselwa eNgcwele. #Noma, "eseningizimu." △Incazelo: "Kwangathi [uJehova] Angakumisa Kuqine." ⊠Noma, "esenyakatho." □Kungenzeka kusho ukuthi "Ngamandla." **7:23** *Noma, "ithange."

unqenqema lwalo kuya kolu-
nye unqenqema, ukuphakama
kwalo kungamamitha amabili,
kwakuthatha intambo yokuka-
la engamamitha angu-13 uku-
lujikeleza lonke.[a] **24** Kwaku-
nemihlobiso emise okwama-
selwa[b] ngezansi konqenqema
lwalo, iluzungezile, iyishumi
engalweni eyodwa nxazonke
zoLwandle, iyizinhlu ezimbi-
li zamaselwa, kubunjwe kanye
nalo. **25** Lwaluphezu kwezi-
nkunzi ezingu-12,[c] ezintathu zi-
bheke enyakatho, ezintathu zi-
bheke entshonalanga, ezinta-
thu zibheke eningizimu ne-
zintathu zibheke empumala-
nga; uLwandle lwaluhlezi phe-
zu kwazo, zonke izinkunzi za-
zilufulathele. **26** Lwalulinga-
na nobubanzi besandla uku-
ba wugqinsi;* unqenqema lwa-
lo lwalwenziwe njengonqenqe-
ma lwenkomishi, lumise okwe-
mbali yomnduze. Lwalunga-
mumatha amalitha angu-
44 000.#

**27** Wabe esenza izinqola[d]
zamanzi zethusi* eziyishumi.
Inqola ngayinye yayingamami-
tha amabili ubude, ingamami-
tha amabili ububanzi, nemitha
elilodwa ukuphakama. **28** Izi-
nqola zazenziwe ngale ndle-
la: Zazinezinhlangothi eziyizi-
caba, lezi zinhlangothi zazihlu-
kaniswe yizinsimbi eziphamba-
nayo. **29** Kulezi zinhlangothi
eziphakathi kwezinsimbi ezi-
phambanayo kwakuqoshwe
imifanekiso yamabhubesi,[e] izi-
nkunzi namakherubi,[f] kwakwe-
nziwe into efanayo nasezinsi-
mbini eziphambanayo. Ngenhla
nangezansi kwamabhubesi ne-
zinkunzi kwakuqoshwe imihlo-
biso eyiziyingi. **30** Inqola nga-
yinye yayinamasondo amane
ethusi nezinsimbi zethusi oku-
fakwe kuzo amasondo, izi-
sekelo ezine ezisemakhoneni
zazibambe izinsimbi okufakwe
kuzo amasondo. Indishi yayi-
hlezi phezu kwezisekelo ezi-
semakhoneni, ezazinemihlobi-
so emaceleni. **31** Indishi yayi-
ngena khaxa phezulu enqole-
ni, iyibanga eliyingalo eyodwa
ukuphakama; umlomo okunge-
na kuwo indishi wawuyindili-
nga, ubude bawo buyingalo no-
hhafu, kulo mlomo kwakune-
mifanekiso eqoshiwe. Izinhla-
ngothi zezinqola zaziyisikwele,
zingeyona indilinga. **32** Ama-
sondo amane ayengezansi kwe-
zinhlangothi eziyizicaba ze-
nqola, izinsimbi zokufasa ama-
sondo zazinamathele enqole-
ni, isondo ngalinye laliyinga-
lo eyodwa nohhafu ukupha-
kama. **33** Amasondo ayenzi-
we njengamasondo enqola edo-
nswa amahhashi. Izinsimbi zo-
kufasa amasondo, amarimu,
izipokwe nezivalo ezisenkabe-
ni yesondo, konke kwakwenzi-
we ngethusi. **34** Kwakukhona
izisekelo ezine ezibambe izi-
nsimbi okufakwe kuzo amaso-
ndo emakhoneni amane enqo-
la ngayinye; lezi zinsimbi zaza-
khiwe kanye nenqola kuyinto
eyodwa. **35** Phezulu enqoleni
kwakunebhande eliyisiyingi li-
wuhhafu wengalo ukuphaka-
ma, futhi ingxenye ephezulu
enqoleni nezinsimbi zayo ezi-
yisikwele nezinhlangothi zayo
kwakwenziwe kwaba yinto eyo-
dwa. **36** Ezinsimbini zayo ezi-
yisikwele nasezinhlangothini
zayo waqopha amakherubi,
amabhubesi, nezihlahla zesu-
ndu ngokuvumelana nesikha-
la salokho nalokho, nemihlo-

ISAHL. 7
a 2Kr 4:2-5
b 1Kh 6:18
c Jer 52:20
d 2Kh 25:16
Jer 52:17
e Hez 41:19
f Gen 3:24
Eks 25:18
1Kh 6:27
2Kr 3:7
Hez 41:17, 18

---

**7:26** *Cishe lwalungu-7,4 cm. Bheka iSithasiselo B14. #Amabhathi angu-2 000. Ibhathi lalilingana no-22 L. Bheka iSithasiselo B14. **7:27** *Noma, "amakalishi ethusi."

biso eyindilinga nxazonke.[a]
**37** Wazenza ngale ndlela izi-
nqola eziyishumi;[b] zonke zaze-
nziwe ngendlela efanayo,[c] zili-
ngana futhi zibukeka ngendle-
la efanayo.

**38** Wenza izindishi zethusi
eziyishumi;[d] ngayinye yayinga-
mumatha amalitha angu-880.
Indishi ngayinye yayingamami-
tha amabili.* Inqola ngayinye
yayinendishi eyodwa. **39** Wa-
beka izinqola ezinhlanu ohla-
ngothini lwendlu olungakweso-
kudla, wabeka ezinhlanu ohla-
ngothini lwendlu olungakwe-
sobunxele, wabeka uLwandle
ohlangothini lwendlu olunga-
kwesokudla, ngaseningizimu-
mpumalanga.[e]

**40** UHiramu[f] wenza nezindi-
shi, amahalavu[g] nezitsha.[h]

Ngakho uHiramu wawuqe-
da wonke umsebenzi ayewe-
nzela iNkosi uSolomoni endlini
kaJehova:[i] **41** izinsika ezimbi-
li[j] nezihloko ezimise okwe-
ndishi ezaziphezu kwezinsi-
ka ezimbili; okusasisefo okubi-
li[k] okumboza izihloko ezimbi-
li ezimise okwendishi ezaziphe-
zu kwezinsika; **42** amahalana-
nda angu-400[l] alokhu okusasi-
sefo okubili, izinhlu ezimbili za-
mahalananda kulokhu okusasi-
sefo ngakunye, ukuze zimbo-
ze izihloko ezimbili ezimise
okwendishi ezaziphezu kwezi-
nsika ezimbili; **43** izinqola ezi-
yishumi[m] nezindishi eziyishu-
mi[n] ezaziphezu kwezinqola;
**44** uLwandle[o] nezinkunzi ezi-
ngu-12 ezazisekele uLwandle;
**45** amakani, amafosholo, izi-
tsha nazo zonke ezinye izi-
nto, uHiramu wakwenzela iNko-
si uSolomoni ngethusi elicwe-
bezelayo ukuba kube okwendlu
kaJehova. **46** Lezi zinto inko-
si yazenza ngezimfolomo zo-
bumba esifundeni saseJorda-
ni, phakathi kweSukoti neZare-
tani.

**47** Zonke lezi zinto uSolo-
moni akazange azikale ngo-
ba zaziningi kakhulu. Isisindo
sethusi asizange sitholakale.[a]
**48** USolomoni wenza zonke
izinto zendlu kaJehova: i-alta-
re[b] legolide, itafula legolide[c]
lokubeka isinkwa sokubukwa;
**49** izinti zezibani[d] zegolide eli-
hlanzekile, ezinhlanu kwesoku-
dla nezinhlanu kwesobunxele
phambi kwekamelo elingapha-
kathi; izimbali,[e] izibani nezi-
ndlawu kwegolide;[f] **50** izindi-
shi, izinto zokucisha umlilo,[g]
izitsha, izindebe[h] nemicengezi
yomlilo,[i] kwegolide elihlanzeki-
le; nezikhoxe zezicabha zendlu
engaphakathi,[j] okungukuthi,
iNgcwelengcwele, nezezicabha
zendlu yethempeli,[k] kwegolide.

**51** Ngakho iNkosi uSolomo-
ni yawuqeda wonke umsebe-
nzi okwakumele iwenzele indlu
kaJehova. Ngemva kwalokho
uSolomoni wangenisa izinto
uDavide uyise ayezingcwelisi-
le,[l] wabeka isiliva, igolide nezi-
nye izinto endaweni yokugcina
ingcebo yendlu kaJehova.[m]

**8** Ngaleso sikhathi uSolomo-
ni waqoqela ndawonye[n]
amadoda amadala akwa-Isra-
yeli—zonke izinhloko zezizwe,
izikhulu zemindeni yoyise ye-
zizwe zakwa-Israyeli.[o] Beza
eNkosini uSolomoni eJerusa-
lema ukuze kukhushulwe um-
phongolo wesivumelwano si-
kaJehova ususwa eDolobhe-
ni LikaDavide,[p] okunguku-
thi, eZiyoni.[q] **2** Wonke ama-
doda akwa-Israyeli ahlangana
phambi kweNkosi uSolomoni

ISAHL. 7
*a* 1Kh 6:29; 1Kh 6:32
*b* 1Kh 7:27
*c* 1Kh 7:15, 46; 2Kr 4:3
*d* Eks 30:18
*e* 2Kr 4:6, 10
*f* 1Kh 7:13; 2Kr 2:13
*g* Eks 27:3; 2Kh 25:14
*h* Eks 24:6
*i* 2Kr 4:11-17
*j* 1Kh 7:15
*k* 1Kh 7:17
*l* 1Kh 7:20
*m* 1Kh 7:27
*n* 1Kh 7:38
*o* 1Kh 7:23

Uhla 2
*a* 1Kr 22:14, 16; 2Kr 4:18-22
*b* Eks 37:25
*c* Eks 37:10
*d* Eks 37:17; IsA 1:20
*e* 1Kh 6:18
*f* Eks 37:23
*g* Jer 52:18
*h* Eks 25:29
*i* Lev 16:12
*j* 1Kh 6:31
*k* 1Kh 6:33
*l* 2Sa 8:10-12
*m* 2Kr 5:1

ISAHL. 8
*n* Shu 1:1
*o* 2Kr 5:2, 3
*p* 2Sa 6:17
*q* 2Sa 5:7; 1Kr 11:5

---
**7:38** *Noma, “yayingu-2 m ukusuka kulolu hlangothi uwelele kolunye.”

emkhosini* ngenyanga ka-Etha-
nimi,# okungukuthi, inyanga
yesikhombisa.[a] **3** Ngakho wo-
nke amadoda amadala akwa-
Israyeli eza, abapristi bawu-
thwala uMphongolo.[b] **4** Ba-
khuphula uMphongolo kaJeho-
va, itende lokuhlangana[c] nazo
zonke izinto ezingcwele ezazi-
setendeni. Abapristi namaLevi
bakukhuphula. **5** INkosi uSo-
lomoni nayo yonke inhlangano
ka-Israyeli eyayibizelwe ukuzo-
hlangana nayo babephambi
koMphongolo. Kwenziwa imi-
hlatshelo yezimvu nezinkomo[d]
eziningi ezingenakubalwa.

**6** Ngemva kwalokho abapri-
sti bangenisa umphongolo we-
sivumelwano sikaJehova enda-
weni yawo,[e] bawubeka eka-
melweni elingaphakathi lendlu,
eNgcwelengcwele, ngaphansi
kwamaphiko amakherubi.[f]

**7** Ngakho amaphiko ama-
kherubi ayelulekele endawe-
ni yoMphongolo, amakheru-
bi awengamela uMphongolo
nezinduku zawo.[g] **8** Izinduku
zawo[h] zazizinde kangangoku-
ba izihloko zazo zazibonaka-
la eNgcwele phambi kwekame-
lo elingaphakathi, kodwa zazi-
ngabonakali ngaphandle. Zise-
lapho kuze kube namuhla.
**9** Kwakungekho lutho eMpho-
ngolweni ngaphandle kwa-
matshe amabili ayizicaba[i] uMo-
se ayewafake kuwo[j] ngesikha-
thi eseHorebe, lapho uJehova
enza isivumelwano[k] nama-Isra-
yeli ngesikhathi ephuma ezwe-
ni laseGibhithe.[l]

**10** Lapho abapristi be-
phuma endaweni engcwele,
ifu[m] lagcwala indlu kaJeho-
va.[n] **11** Abapristi abakwaza-
nga ukuma bakhonze nge-
nxa yaleli fu, ngoba inkazi-
mulo kaJehova yagcwala indlu
kaJehova.[a] **12** Ngaleso sikha-
thi uSolomoni wathi: "UJe-
hova wayethe uzohlala efwi-
ni elimnyama.[b] **13** Ngiphume-
lele ukukwakhela indlu epha-
keme, indawo eyohlale ikhona
ukuba uhlale kuyo kuze kube
phakade."[c]

**14** Inkosi yaphenduka yabu-
sisa lonke ibandla lika-Isra-
yeli, ngesikhathi lonke iba-
ndla lika-Israyeli limile.[d]
**15** Yathi: "Makadunyiswe uJe-
hova uNkulunkulu ka-Israye-
li, lowo ngomlomo wakhe owa-
thembisa uDavide ubaba, futhi
okugcwalisile ngesandla sakhe,
ethi, **16** 'Kusukela ngosuku
engakhipha ngalo abantu bami
u-Israyeli eGibhithe, kuzo zo-
nke izizwe zakwa-Israyeli angi-
zange ngikhethe dolobha oku-
zokwakhelwa kulo igama lami
indlu ukuze lihlale khona,[e] ko-
dwa ngikhethe uDavide ukuba
engamele abantu bami u-Isra-
yeli.' **17** Kodwa kwakuyisifi-
so senhliziyo kaDavide ubaba
ukwakhela igama likaJehova
uNkulunkulu ka-Israyeli indlu.[f]
**18** Kodwa uJehova wathi ku-
Davide ubaba, 'Kwakuyisifiso
senhliziyo yakho ukwakhela
igama lami indlu futhi wenza
kahle ngokufisa lokhu enhlizi-
yweni yakho. **19** Nokho nge-
ke yakhiwe nguwe indlu, ko-
dwa indodana yakho ozozale-
lwa yona* yiyo ezokwakhela
igama lami indlu.'[g] **20** UJe-
hova usigcwalisile isithembiso
asenza, ngoba ngibe yinkosi
esikhundleni sikaDavide ubaba
ngahlala esihlalweni sobukhosi
sika-Israyeli, njengoba nje uJe-
hova athembisa. Ngakhele ne-
gama likaJehova uNkulunku-
lu ka-Israyeli indlu,[h] **21** ngalu-

ISAHL. 8

a Lev 23:34; Dut 16:13
b 1Kr 15:2, 15; 2Kr 5:4-6
c Eks 40:2; 2Kr 1:13
d 1Kr 16:1
e Eks 26:33; Eks 40:21; 2Sa 6:17; IsA 11:19
f 1Kh 6:27; 2Kr 5:7; Hu 80:1; Hez 10:5
g Eks 25:20; 2Kr 5:8-10
h Eks 25:14; Eks 37:4
i Dut 4:13; Heb 9:4
j Eks 40:20; Dut 10:5
k Eks 24:8
l Eks 19:1; Num 10:11, 12
m Eks 40:34; Lev 16:2
n 2Kr 5:11-14

Uhla 2

a Eks 40:35; Hez 10:4; Hez 43:4; Hez 44:4; IzE 7:55; IsA 21:23
b Eks 20:21; Dut 5:22; 2Kr 6:1, 2; Hu 18:11; Hu 97:2
c Hu 78:69; Hu 132:13, 14
d 2Kr 6:3-11
e Dut 12:11
f 2Sa 7:1-3; 1Kr 17:1, 2
g 2Sa 7:12, 13
h 1Kr 28:5, 6

8:2 *Okuwukuthi, uMkhosi Wamadokodo. #Bheka iSithasiselo B15.

8:19 *NgesiHebheru, "ephuma ezinkalweni zakho."

ngisa kuyo indawo yoMphongolo okugcinwe kuwo isivumelwano[a] uJehova asenza nokhokho bethu lapho ebakhipha ezweni laseGibhithe."

**22** Ngemva kwalokho uSolomoni wama phambi kwe-altare likaJehova phambi kwalo lonke ibandla lika-Israyeli, welulela izandla zakhe emazulwini,[b] **23** wathi: "O Jehova Nkulunkulu ka-Israyeli, akekho uNkulunkulu onjengawe[c] emazulwini phezulu noma emhlabeni phansi, ugcina isivumelwano, ubonisa nothando oluqotho[d] ezincekwini zakho ezihamba phambi kwakho ngayo yonke inhliziyo yazo.[e] **24** Usigcinile isithembiso owasenza encekwini yakho uDavide ubaba. Wenza isithembiso ngomlomo wakho, namuhla usigcwalisile ngesandla sakho.[f] **25** Manje, Jehova Nkulunkulu ka-Israyeli, gcina isithembiso owasenza encekwini yakho uDavide ubaba lapho uthi: 'Akusoze kwenzeka ukuba kungabi namuntu wozalo lwakho oyohlala esihlalweni sobukhosi sika-Israyeli, uma nje amadodana akho eyonaka indlela ahamba ngayo phambi kwami, ngokuhamba njengoba nje wena uhambile phambi kwami.'[g] **26** Manje, Nkulunkulu ka-Israyeli, ngiyacela, masifezeke isithembiso osenze encekwini yakho uDavide ubaba.

**27** "Kodwa ingabe ngempela uNkulunkulu uyohlala emhlabeni?[h] Bheka! Amazulu, yebo, izulu lamazulu, awakwazi ukukuthwala;[i] kangakanani-ke le ndlu engiyakhile![j] **28** Manje lalela umthandazo wenceku yakho nesicelo sayo somusa, Jehova Nkulunkulu wami, lalela ukukhalela kwayo usizo nomthandazo inceku yakho ewuthandaza phambi kwakho namuhla. **29** Kwangathi amehlo akho angayiqapha ubusuku nemini le ndlu, le ndawo owathi ngayo, 'Igama lami liyoba lapho,'[a] ukuze ulalele umthandazo inceku yakho ewuthandaza ibheke kule ndawo.[b] **30** Yizwa isicelo sokubboniswa umusa esivela encekwini yakho nesicelo sabantu bakho u-Israyeli abasithandazela bebheke kule ndawo, kwangathi ungezwa usendaweni yakho yokuhlala, emazulwini;[c] yebo, kwangathi ungezwa uthethelele.[d]

**31** "Lapho umuntu ona omunye umuntu bese efungiswa,* bese eba ngaphansi kwaleso sifungo, kuthi ngesikhathi esengaphansi kwaleso sifungo# eze phambi kwe-altare lakho kule ndlu,[e] **32** kwangathi ungezwa usemazulwini, uthathe isinyathelo wahlulele izinceku zakho ngokuba uthi omubi unecala* nangokumjezisa ngokubi akwenzile, nangokuba uthi olungile umsulwa# bese umvuza ngokulunga kwakhe.[f]

**33** "Lapho abantu bakho u-Israyeli benqotshwa isitha ngenxa yokuthi bebelokhu bona kuwe,[g] bese bebuyela kuwe badumise igama lakho[h] bathandaze bacele ukuba ubabonise umusa kule ndlu,[i] **34** kwangathi ungezwa usemazulwini, uthethelele isono sabantu bakho u-Israyeli ububuyisele ezweni owalinika okhokho babo.[j]

**35** "Lapho amazulu evalekile nemvula ingani[k] ngenxa

---

8:31 *Okuwukuthi, isifungo esihambisana nesiqalekiso esiyisijeziso uma ofungile eqambe amanga noma esephulile leso sifungo. #NgesiHebheru, "siqalekiso." 8:32 *NgesiHebheru, "mubi." #NgesiHebheru, "ulungile."

ISAHL. 8
a Eks 34:28, Dut 9:9, Dut 31:26
b 2Kr 6:12
c Eks 15:11, 1Sa 2:2, 2Sa 7:22
d Dut 7:9
e 2Kr 6:14-17
f 2Sa 7:12, 13
g 1Kh 2:4, Hu 132:12
h Isay 66:1
i Hu 148:13, Jer 23:24
j 2Kr 2:6, 2Kr 6:18-21, Neh 9:6, IzE 17:24

Uhla 2
a Eks 20:24, 2Sa 7:13
b Dan 6:10, 1Pe 3:12
c Hu 33:13
d 2Kr 7:13, 14, Dan 9:19
e 2Kr 6:22, 23
f Job 34:11
g Lev 26:14, 17, Jos 7:8, 11, 2Kh 17:6, 7
h Neh 1:11
i 2Kh 19:19, 20, 2Kr 6:24, 25
j Hu 106:47
k Lev 26:19, Dut 28:23

yokuthi bebelokhu bona
kuwe,[a] bese bethandaza bebhe-
ke kule ndawo badumise igama
lakho, baphenduke esonweni
sabo, ngoba ubathobisile,*[b]
**36** kwangathi ungezwa usema-
zulwini, uthethelele isono se-
zinceku zakho, sabantu ba-
kho u-Israyeli, ngoba uyobafu-
ndisa[c] indlela enhle okufanele
bahambe ngayo; ulethe imvu-
la ezweni lakho[d] olinike abantu
bakho njengefa.

**37** "Uma kuba khona indla-
la ezweni[e] noma isifo esiwum-
shayabhuqe, ukushisa okuha-
ngulayo, isikhunta,[f] izinkumbi
noma isikhonyane;* noma uma
isitha sabo sibavimbezela ku-
noma yiliphi idolobha ezwe-
ni# noma uma kuba khona
noma yiluphi uhlobo lwenhlu-
pho noma lwesifo,[g] **38** kunga-
khathaliseki ukuthi yimuphi
umthandazo, kungakhathalise-
ki ukuthi yisiphi isicelo so-
musa[h] esingase senziwe yino-
ma yimuphi umuntu noma yibo
bonke abantu bakho u-Isra-
yeli (ngoba yilowo nalowo
uyakwazi okukhathaza inhlizi-
yo yakhe)[i] lapho belulela iza-
ndla zabo bebheke kule ndlu,
**39** kwangathi ungezwa usema-
zulwini, indawo yakho yokuhla-
la,[j] uthethelele[k] uthathe isinya-
thelo; uvuze ngamunye ngoku-
vumelana nazo zonke izindle-
la zakhe,[l] ngoba uyayazi inhli-
ziyo yakhe (nguwe wedwa oya-
zi kahle inhliziyo yabo bonke
abantu),[m] **40** ukuze bakwesa-
be zonke izinsuku abaziphila
ezweni owalinika okhokho be-
thu.

**41** "Ngokuqondene nowe-
sinye isizwe ongeyona ingxe-
nye yabantu bakho u-Israye-
li, ovela ezweni elikude nge-
nxa yegama* lakho[a] **42** (ngo-
ba bayozwa ngegama lakho
elikhulu[b] nangesandla sakho
esinamandla nangengalo ya-
kho eyeluliwe), ofike athanda-
ze ebheke kule ndlu, **43** kwa-
ngathi ungamlalela usemazu-
lwini, endaweni yakho yokuhla-
la,[c] ukwenze konke lokho lowo
muntu wesinye isizwe akucela
kuwe, ukuze zonke izizwe zom-
hlaba zilazi igama lakho futhi
zikwesabe,[d] njengoba nje isi-
zwe sakho u-Israyeli sikwesa-
ba, zazi ukuthi igama lakho li-
bizwe kule ndlu engiyakhile.

**44** "Uma abantu bakho beya
empini beyolwa nesitha sabo
ngendlela obathuma ngayo,[e]
bese bethandaza[f] kuwe Jehova
bebheke kuleli dolobha olikhe-
thile[g] nakule ndlu engiyakhele
igama lakho,[h] **45** yizwa use-
mazulwini umthandazo wabo
nesicelo sabo somusa, ubakhi-
phele isahlulelo.

**46** "Uma bona kuwe (ngoba
akekho umuntu ongoni),[i] bese
ubathukuthelela ubanikele esi-
theni, abathumbi babo baba-
thumbe babayise ezweni le-
sitha elikude noma eliseduze;[j]
**47** bese besanguluka besezwe-
ni abathunjelwe kulo,[k] babuye-
le kuwe[l] bacele ukuba uba-
bonise umusa ezweni labathu-
mbi babo,[m] bathi, 'Sonile se-
nza okungalungile; senze ngo-
kukhohlakala,'[n] **48** babuyele
kuwe ngayo yonke inhliziyo
yabo[o] nangawo wonke umphe-
fumulo* wabo ezweni lezitha
zabo ezabathumba, bese be-
thandaza kuwe bebheke ezwe-
ni labo owalinika okhokho
babo, nasedolobheni olikhethi-
le nasendlini engiyakhele iga-

---

8:35 *Noma, "ubajezisile." 8:37 *Noma, "izintethe." #NgesiHebheru, "ezweni lamasango akhe."

8:41 *Noma, "yedumela." 8:48 *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

---

**ISAHL. 8**

a Hez 14:13
b 2Kr 6:26, 27
c Isay 30:20; Isay 54:13
d 1Kh 18:1
e Lev 26:16; 2Kh 6:25
f Dut 28:21, 22; Amo 4:9
g 2Kr 6:28-31
h 2Kr 33:12, 13
i IzA 14:10
j Isay 63:15
k Hu 130:4
l Job 34:11; Hu 18:20
m 1Sa 16:7; 1Kr 28:9; Jer 17:10

**Uhla 2**

a Num 9:14; Rut 1:16; 2Kh 5:15; 2Kr 6:32, 33; Isay 56:6, 7; IzE 8:27
b Neh 9:10
c Hu 11:4
d Hu 67:2; Hu 102:15
e Eks 23:31; 1Kh 20:13
f 2Kr 14:11; 2Kr 20:5, 6
g Hu 78:68; Hu 132:13
h 2Kr 6:34, 35
i Hu 51:5; Hu 130:3; Shu 7:20; Rom 3:23; 1Jo 1:8
j Dut 28:15, 36; 2Kh 17:6; 2Kh 25:21; 2Kr 6:36-39
k Lev 26:40
l Dut 30:1, 2
m Dut 4:27, 29; 2Kr 33:12, 13
n Neh 1:6; Hu 106:6; IzA 28:13; Dan 9:5
o 1Sa 7:3

ma lakho,[a] **49** yizwa usema-
zulwini, endaweni yakho yoku-
hlala,[b] umthandazo wabo ne-
sicelo sabo sokuba ubabonise
umusa, ubakhiphele isahlule-
lo, **50** uthethelele abantu ba-
kho abonile kuwe, uthethelele
zonke iziphambeko zabo abo-
ne ngazo kuwe. Wenze ukuba
abathumbi babo babahawuke-
le[c] **51** (ngoba bangabantu ba-
kho nefa lakho,[d] owabakhipha
eGibhithe,[e] ngaphakathi kwe-
sithando somlilo sokuncibi-
likisa insimbi).[f] **52** Kwangathi
izindlebe zakho zingalalela isi-
celo senceku yakho sokuboni-
swa umusa[g] nesicelo sesizwe
sakho u-Israyeli sokuboniswa
umusa, ngokulalela noma nini
lapho bekubiza.*[h] **53** Ngoba
wabahlukanisa kuzo zonke izi-
zwe zomhlaba baba yifa lakho,[i]
njengoba wakhuluma ngoMo-
se inceku yakho lapho ukhi-
pha okhokho bethu eGibhithe,
Nkosi EnguMbusi Jehova."

**54** Kwathi nje lapho uSo-
lomoni eseqedile ukuthandaza
kuJehova wonke lo mthanda-
zo nesicelo somusa, wasuku-
ma phambi kwe-altare lika-
Jehova, lapho ayeguqe kho-
na izandla zakhe zelulelwe
emazulwini.[j] **55** Wama wabu-
sisa lonke ibandla lika-Isra-
yeli ngezwi elikhulu, wathi:
**56** "Makadunyiswe uJehova,
onikeze isizwe sakhe u-Israye-
li indawo yokuphumula nje-
ngoba nje athembisa.[k] Aku-
zange kuphuthe ngisho ne-
zwi elilodwa kuso sonke isithe-
mbiso sakhe esihle asithe-
mbisa ngoMose inceku yakhe.[l]
**57** Kwangathi uJehova uNku-
lunkulu wethu angaba nathi
njengoba nje ayenokhokho be-
thu.[m] Kwangathi angesishiye

**8:52** *Noma, "ngokusilalela kukho ko-
nke esikucela kuwe."

noma asifulathele.[a] **58** Kwa-
ngathi angadonsela izinhlizi-
yo zethu kuye,[b] ukuze siha-
mbe kuzo zonke izindlela za-
khe, sigcine imiyalo yakhe, izi-
qondiso zakhe nezahlulelo za-
khe, ayala okhokho bethu uku-
ba bazigcine. **59** Kwangathi la
mazwi ami enginxuse ngawo
umusa kaJehova angakhumbu-
leka kuJehova uNkulunkulu
wethu ubusuku nemini, uku-
ze akhiphele inceku yakhe isa-
hlulelo nabantu bakhe u-Isra-
yeli ngokwesidingo sosuku no-
suku, **60** ukuze zonke izizwe
zomhlaba zazi ukuthi uJeho-
va unguNkulunkulu weqiniso.[c]
Akekho omunye![d] **61** Ngakho
izinhliziyo zenu maziphelele*[e]
kuJehova uNkulunkulu wethu
ngokuhamba eziqondisweni za-
khe nangokugcina imiyalo ya-
khe njenganamuhla."

**62** Inkosi nawo wonke
u-Israyeli banikela umhlatshe-
lo omkhulu phambi kukaJe-
hova.[f] **63** USolomoni wanike-
la imihlatshelo ehlanganyelwa-
yo[g] kuJehova: Wanikela ngezi-
nkomo ezingu-22 000 nangezi-
mvu ezingu-120 000. Ngakho
inkosi nawo wonke ama-Isra-
yeli bayivula indlu kaJehova.[h]
**64** Ngalolo suku inkosi kwadi-
ngeka ingcwelise indawo ema-
phakathi negceke elingapha-
mbi kwendlu kaJehova, ngo-
ba kwakumele iyinikelele lapho
imihlatshelo eshiswayo, imini-
kelo yokusanhlamvu namaqa-
tha anonile emihlatshelo ehla-
nganyelwayo, ngoba i-altare le-
thusi[i] eliphambi kukaJehova
lalilincane kakhulu ukuba li-
thwale imihlatshelo eshiswa-
yo, iminikelo yokudla okusa-
nhlamvu namaqatha anonile[j]
emihlatshelo ehlanganyelwayo.

**8:61** *Noma, "mazizinikele ngokuphele-
le."

ISAHL. 8
*a* Dan 6:10
*b* Isay 63:15
*c* 2Kr 30:9
Ezr 7:28
Neh 2:7, 8
*d* Eks 19:5
Dut 9:26
*e* Eks 14:30
*f* Dut 4:20
*g* 2Kr 6:40
*h* Hu 86:5
Hu 145:18
*i* Eks 19:6
Dut 4:34
Dut 32:9
*j* 2Kr 6:12, 13
*k* 1Kh 4:24, 25
*l* Dut 10:11
Jos 21:45
*m* Dut 31:6
Jos 1:5
2Kr 32:7
Hu 46:7

Uhla 2
*a* Isay 41:10
Heb 13:5
*b* Hu 86:11
Hu 119:36
2Th 3:5
*c* Jos 4:24
1Sa 17:46
Hez 36:23
Hez 39:7
*d* Dut 4:35, 39
Isay 44:6
*e* Dut 18:13
2Kh 20:3
1Kr 28:9
Mat 22:37
*f* 2Kr 7:4, 5
*g* Lev 3:1
*h* Ezr 6:16
Neh 12:27
*i* 2Kr 4:1
*j* Lev 3:16

**65** Ngaleso sikhathi uSolo-
moni wagubha umkhosi[a] pha-
mbi kukaJehova uNkulunkulu
wethu izinsuku eziyisikhombi-
sa nezinye izinsuku eziyisikho-
mbisa, izinsuku ezingu-14 sezi-
zonke, ekanye nawo wonke
u-Israyeli, ibandla elikhulu ku-
sukela eLebo-hamati* kwehle
kuze kufike eMhosheni# Wa-
seGibhithe.[b] **66** Ngosuku olu-
landelayo* wabadedela aba-
ntu bahamba, bayibusisa inko-
si base beya emakhaya, bejabu-
le futhi beneme ezinhliziyweni
zabo ngenxa yabo bonke ubu-
hle[c] uJehova ayebubonise uDa-
vide inceku yakhe no-Israyeli
isizwe sakhe.

**9** Kwathi nje lapho uSolomo-
ni eseqedile ukwakha indlu
kaJehova, indlu* yenkosi[d] na-
kho konke uSolomoni ayefisa
ukukwakha,[e] **2** uJehova wa-
bonakala kuSolomoni okwe-
sibili, njengoba ayebonaka-
le kuye eGibheyoni.[f] **3** UJe-
hova wathi kuye: "Ngiwuzwi-
le umthandazo wakho nesice-
lo sakho sokuboniswa umusa
osenze phambi kwami. Ngiyi-
ngcwelisile le ndlu oyakhile
ngokubeka igama lami kuyo
kuze kube phakade,[g] amehlo
ami nenhliziyo yami kuyoba
kuyo ngaso sonke isikhathi.[h]
**4** Uma wena uhamba phambi
kwami ngendlela uDavide uyi-
hlo ahamba ngayo,[i] ngenhliziyo
ephelele[j] nangobuqotho,[k] ngo-
kwenza konke engikuyale nga-
kho,[l] nangokulalela iziqondi-
so nezahlulelo zami,[m] **5** kho-
na-ke ngiyosimisa kuze kube
phakade isihlalo sobukhosi so-
mbuso wakho phezu kuka-
Israyeli, njengoba ngathe-
mbisa uDavide uyihlo, ngathi,
'Akusoze kwenzeka ukuba ku-
ngabi namuntu wozalo lwa-
kho ohlezi esihlalweni sobu-
khosi sika-Israyeli.'[a] **6** Kodwa
uma wena namadodana akho
niyeka ukungilandela futhi ni-
ngayigcini imiyalo nemithetho
yami engiyibeke phambi kwe-
nu, nihambe niyokhonza aba-
nye onkulunkulu nibakhotha-
mele,[b] **7** ngiyomsusa u-Israye-
li ezweni engimnike lona,[c]
indlu engiyingcwelisele igama
lami ngiyoyisusa phambi kwa-
mi,[d] u-Israyeli uyoba yinhleki-
sa* nento yokuklolodelwa pha-
kathi kwazo zonke izizwe.[e]
**8** Le ndlu iyoba amanxiwa.[f]
Wonke umuntu odlula ngakuyo
uyoyigqolozela emangele futhi
uyoshaya ikhwela athi, 'Kunga-
ni uJehova enze lokhu kuleli
zwe nakule ndlu?'[g] **9** Bayo-
thi, 'Kungenxa yokuthi bamshi-
ya uJehova uNkulunkulu wabo
owayekhiphe okhokho babo
ezweni laseGibhithe, bamukela
abanye onkulunkulu babakho-
thamela babakhonza. Yingakho
uJehova aletha yonke le nhle-
kelele phezu kwabo.'"[h]

**10** USolomoni wakha izi-
ndlu ezimbili, indlu kaJehova
nendlu* yenkosi,[i] ngeminyaka
engu-20. **11** UHiramu[j] inkosi
yaseThire wayelethela uSolo-
moni izingodo zomsedari nezo-
mjunipha negolide ayelidinga,[k]
ngakho iNkosi uSolomoni yani-
ka uHiramu amadolobha angu-
20 ezweni laseGalile. **12** Nga-
kho uHiramu waphuma eThi-
re ukuze ayobona amadolobha
uSolomoni ayemuphe wona,
kodwa akazange awathande.*

ISAHL. 8
*a* Lev 23:34
*b* Gen 15:18; Num 34:5, 8
*c* Hu 31:19; Isay 63:7; Jer 31:12

ISAHL. 9
*d* 2Kr 8:1; Shu 2:4
*e* 2Kr 7:11
*f* 1Kh 3:5
*g* Dut 12:5, 6; 1Kh 8:28, 29
*h* 2Kr 6:40; 2Kr 16:9; Hu 132:13
*i* 1Kh 3:6
*j* Hu 78:70, 72
*k* 1Kr 29:17
*l* Shu 12:13
*m* 2Kr 7:17, 18

Uhla 2
*a* 2Sa 7:16, 17; 1Kh 2:4; Hu 89:20, 29
*b* 1Kh 11:4; 2Kr 7:19-22
*c* Lev 18:28; Dut 4:26; 2Sa 7:14; 2Kh 17:22, 23; Hu 89:30-32
*d* 2Kh 25:9, 10; 2Kr 15:2
*e* Dut 28:37; Hu 44:14
*f* 2Kr 36:19; Isay 64:11
*g* Dut 29:24, 25; Jer 22:8, 9
*h* Dut 28:64; Jer 5:19; Jer 12:7
*i* 1Kh 6:37–7:1; 2Kr 8:1, 2
*j* 1Kh 5:1, 7
*k* 1Kh 5:8

**8:65** *Noma, "ekuqaleni kweHamati." #Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **8:66** *NgesiHebheru, "luka-8," okuwukuthi usuku olulandela usuku lwesikhombisa esontweni lesibili. **9:1** *Noma, "isigodlo."

**9:7** *NgesiHebheru, "yisaga." **9:10** *Noma, "nesigodlo." **9:12** *NgesiHebheru, "ayengemahle emehlweni akhe."

**13** Wathi: "Hlobo luni lwama-
dolobha lawa ongiphe wona,
mfowethu?" Ngakho abizwa
ngokuthi iZwe LaseKhabuli*
kuze kube namuhla. **14** Pha-
kathi naleso sikhathi uHiramu
wathumelela inkosi amathale-
nta* egolide angu-120.[a]

**15** Lokhu ukulandisa oku-
phathelene nalabo iNkosi uSo-
lomoni eyababutha[b] ukuba ba-
khe indlu kaJehova,[c] indlu*
yenkosi, iNdunduma,#[d] udo-
nga lwaseJerusalema, iHazori,[e]
iMegido[f] neGezeri.[g] **16** (UFa-
ro inkosi yaseGibhithe waye-
khuphukile walithatha iGeze-
ri walishisa ngomlilo, wabula-
la namaKhanani[h] ayehlala ku-
lelo dolobha. Ngakho walini-
ka indodakazi yakhe,[i] umka-
Solomoni, njengesipho sokuyi-
valelisa.*) **17** USolomoni wa-
kha kabusha* iGezeri, iBheti-
horoni Elisezansi,[j] **18** iBhaha-
lati[k] neThamari ehlane, kwa-
Israyeli, **19** nawo wonke ama-
dolobha kaSolomoni okugcina
izinto, amadolobha ezinqola,[l]
amadolobha abagibeli bama-
hhashi nanoma yini uSolomoni
ayefisa ukuyakha eJerusalema,
eLebhanoni nakulo lonke izwe
ayelibusa. **20** Bonke abantu
ababesele kuma-Amori, kuma-
Heti, kumaPherizi, kumaHivi
nakumaJebusi,[m] ababengeyo-
na ingxenye yesizwe sakwa-
Israyeli,[n] **21** inzalo yabo eya-
yisele ezweni—leyo ama-Israye-
li angakwazanga ukuyibhubhi-
sa—uSolomoni wabayala uku-
ba benze umsebenzi wobugqila
kuze kube namuhla.[a] **22** Ko-
dwa abekho kuma-Israyeli uSo-
lomoni abenza izigqila,[b] ngoba
babengamaqhawe akhe, izince-
ku zakhe, izikhulu zakhe, izi-
khulu zakhe zempi nezindu-
na zabashayeli bezinqola za-
khe nezabagibeli bamahhashi.
**23** Kwakunezinhloko zezindu-
na ezingu-550 ezazengamele
umsebenzi kaSolomoni, ziphe-
the abantu ababesebenza.[c]

**24** Kodwa indodakazi kaFa-
ro[d] yaphuma eDolobheni Lika-
Davide[e] yaya endlini yayo aye-
yakhele yona; ngemva kwalo-
kho wakha iNdunduma.#[f]

**25** Kathathu ngonyaka[g]
uSolomoni wayenikela imihla-
tshelo eshiswayo nemihlatshe-
lo ehlanganyelwayo e-altare
ayelakhele uJehova,[h] wayeshu-
nqisa nomusi womhlatshelo
phezu kwe-altare elaliphambi
kukaJehova, ngakho wayiqeda
indlu.[i]

**26** INkosi uSolomoni ya-
kha uxhaxha lwemikhumbi
e-Eziyoni-gebheri,[j] ngase-Elo-
ti, ogwini loLwandle Olu-
bomvu ezweni lakwa-Edomi.[k]
**27** UHiramu wathumela izi-
nceku zakhe noxhaxha lwemi-
khumbi,[l] amatilosi angomaka-
debona, ukuze zisebenze nezi-
nceku zikaSolomoni. **28** Zaya
e-Ofiri[m] zafike zathatha igolide
elingamathalenta angu-420 za-
liletha eNkosini uSolomoni.

**10** Indlovukazi yaseSheba
yezwa umbiko ngoSolo-
moni ngokuphathelene negama
likaJehova,[n] ngakho yafika izo-
mvivinya ngemibuzo enzima.*[o]
**2** Yafika eJerusalema no-
dwendwe olubabazekayo,*[p]

ISAHL. 9
a 1Kh 10:21
b 1Kh 4:6; 1Kh 5:13
c 1Kh 6:37
d 2Sa 5:9; 1Kh 11:27; 2Kh 12:20
e Jos 19:32, 36
f Jos 17:11; Hlu 5:19; 2Kh 9:27
g Hlu 1:29
h Jos 16:10
i 1Kh 3:1
j Jos 16:1, 3; 2Kr 8:4-6
k Jos 19:44, 48
l 1Kh 4:26
m Num 13:29; Dut 7:1; Hlu 1:21
n 2Kr 8:7-10

Uhla 2
a Gen 9:25
b Lev 25:39
c 1Kh 5:16; 2Kr 2:18
d 1Kh 3:1; 1Kh 7:8; 2Kr 8:11
e 2Sa 5:9
f 1Kh 9:15
g Eks 23:14
h 2Kr 8:12, 13
i 2Kr 8:16
j Dut 2:8
k 2Kr 8:17, 18
l 1Kh 5:12
m Gen 10:29; 1Kr 29:3, 4; Hu 45:9

ISAHL. 10
n 1Kh 4:29
o 2Kr 9:1, 2; Mat 12:42
p Hu 72:10

**9:13** *Noma kungaba, "iZwe Elingelusizo Lwalutho." **9:14** *Ithalenta lalilingana no-34,2 kg. Bheka iSithasiselo B14. **9:15** *Noma, "isigodlo." **9:15, 24** #Noma, "iMilo." Okuyigama lesiHebheru elisho "ukugcwalisa." **9:16** *Noma, "njengesipho somshado; njengesipho esiya kumkhwenyana." **9:17** *Noma, "waqinisa."

**10:1** *Noma, "ngeziphicaphicwano."
**10:2** *Noma, "nezikhonzi zayo ezininingi."

namakamela athwele amafu-
tha ebhalsamu[a] negolide elini-
ngi kakhulu namatshe ayigugu.
Yaya kuSolomoni yakhuluma
naye ngakho konke okwakuse-
nhliziyweni yayo. **3** USolomo-
ni wayiphendula yonke imibu-
zo yayo. Ayikho into okwaku-
nzima kakhulu* ngenkosi uku-
ba iyichazele yona.

**4** Lapho indlovukazi yase-
Sheba isikubone konke ukuhla-
kanipha kukaSolomoni,[b] indlu
ayeyakhile,[c] **5** ukudla kweta-
fula lakhe,[d] indlela izinceku za-
khe ezihlala ngayo, umsebe-
nzi woweta nendlela abagqo-
ka ngayo, izinceku zakhe ezile-
tha iziphuzo nemihlatshelo ya-
khe eshiswayo ayeyinikela nja-
lo endlini kaJehova, yasa-
la ibambe ongezansi.* **6** Nga-
kho yathi enkosini: "Uyiqi-
niso umbiko engawuzwa ngi-
sezweni lami ngokuphathelene
nezinto ozenzile* nokuhlakani-
pha kwakho. **7** Kodwa angiza-
nge ngiyikholwe imibiko enga-
yizwa kwaze kwaba yilapho
sengifikile ngazibonela nga-
wami. Bheka! Kuncane kakhu-
lu ebengikuzwile. Ngokuhlaka-
nipha nangokuchuma uwudlu-
la kude kakhulu umbiko engi-
wuzwile. **8** Bayajabula abantu
bakho, ziyajabula nezinceku
zakho ezima phambi kwa-
kho njalo, zilalele ukuhlaka-
nipha kwakho![e] **9** Makadunyi-
swe uJehova uNkulunkulu wa-
kho,[f] ojabulile ngawe, wakube-
ka esihlalweni sobukhosi sika-
Israyeli. Ngenxa yothando luka-
Jehova olungapheli ngo-Israye-
li, ukumise waba inkosi ukuze
wenze ubulungisa nokulunga."

**10** Yabe isinika inkosi ama-
thalenta* egolide angu-120 na-
mafutha ebhalsamu amaningi
kakhulu[a] namatshe ayigugu.[b]
Akuphindanga kwalethwa ama-
futha ebhalsamu amaningi nje-
ngalawo indlovukazi yaseShe-
ba eyawanika iNkosi uSolo-
moni.

**11** Uxhaxha lwemikhumbi
kaHiramu eyayithwala igolide
lase-Ofiri[c] lwaletha nezingodo
zom-aligamu wase-Ofiri[d] ezini-
ngi kakhulu namatshe ayi-
gugu.[e] **12** Inkosi yenza izinsi-
ka zendlu kaJehova nezendlu*
yenkosi ngezingodo zom-aliga-
mu kanye namahabhu nezinsi-
mbi zomculo ezinezintambo za-
bahlabeleli.[f] Izingodo zom-ali-
gamu ezinjengalezo aziphinda-
nga zaba khona noma zabonwa
kuze kube namuhla.

**13** INkosi uSolomoni yabu-
ye yanika indlovukazi yaseShe-
ba konke eyayikufisa neyayiku-
celile, kungabalwa lokho inkosi
eyayiyinike kona ngenxa yesa-
ndla sayo esivulekile.* Ngemva
kwalokho yaphindela ezweni
layo kanye nezinceku zayo.[g]

**14** Igolide elaliza kuSolomo-
ni ngonyaka lalingamathalenta
egolide angu-666,[h] **15** nga-
phandle kwalelo elalivela ku-
bathengisi nenzuzo evela kuba-
hwebi nakuwo wonke amakho-
si ama-Arabhu nababusi be-
zwe.

**16** INkosi uSolomoni yenza
amahawu amakhulu angu-200
egolide elixutshiwe[i] (ihawu
ngalinye lalinegolide elinga-
mashekeli* angu-600)[j] **17** na-

ISAHL. 10
a Eks 25:3, 6
2Kh 20:13
b 1Kh 3:28
Shu 12:9
c 2Kr 9:3-8
d 1Kh 4:22
e IzA 8:34
f 1Kh 5:7

Uhla 2
a Gen 43:11
b Hu 72:10
c 1Kh 9:27, 28
Hu 45:9
d 2Kr 2:8
e 2Kr 9:10, 11
f 2Kr 5:12
Hu 150:3
g 2Kr 9:12
h 2Kr 9:13, 14
i 1Kh 14:25, 26
j 2Kr 9:15, 16

**10:3** *NgesiHebheru, "Kwakungekho lutho olufihlekile." **10:5** *NgesiHebheru, "wawungasekho umoya kuyo." **10:6** *Noma, "namazwi."

**10:10** *Ithalenta lalilingana no-34,2 kg. Bheka iSithasiselo B14. **10:12** *Noma, "nezesigodlo." **10:13** *NgesiHebheru, "ngokwesandla seNkosi uSolomoni." **10:16** *Ishekeli lalilingana no-11,4 g. Bheka iSithasiselo B14.

mahawu amancane* angu-300
egolide elixutshiwe (ihawu
ngalinye lalinegolide elingomi-
na# abathathu). Inkosi yakube-
ka eNdlini Yehlathi LaseLebha-
noni.[a]

**18** Inkosi yenza nesihlalo
sobukhosi esikhulu sezinyo le-
ndlovu[b] yasinameka ngegoli-
de elicwengekile.[c] **19** Kwaku-
nezitebhisi eziyisithupha eziya
esihlalweni sobukhosi, isihlalo
sobukhosi sasinompheme oyi-
ndilinga ngaphezulu, kukho-
na nendawo yokubeka izinga-
lo ngapha nangapha kwesihla-
lo, eceleni kwalezi zindawo zo-
kubeka izingalo kumi amabhu-
besi amabili.[d] **20** Kwakukho-
na amabhubesi angu-12 ayemi
ezitebhisini eziyisithupha, nga-
linye limi ekugcineni kwesite-
bhisi ngasinye. Awukho omu-
nye umbuso owake wenza into
efana naleyo.

**21** Zonke izitsha zokuphu-
za zeNkosi uSolomoni zazenzi-
we ngegolide, nazo zonke izi-
nto zeNdlu Yehlathi LaseLe-
bhanoni[e] zazenziwe ngegolide
elihlanzekile. Kwakungekho lu-
tho olwenziwe ngesiliva, ngo-
ba isiliva lalibhekwa njenge-
nto engelutho ezinsukwini zi-
kaSolomoni.[f] **22** Ngoba inkosi
yayinoxhaxha lwemikhumbi ya-
seTharishishi[g] eyayisolwandle
kanye noxhaxha lwemikhumbi
kaHiramu. Kanye njalo ngemva
kweminyaka emithathu kwaku-
fika uxhaxha lwemikhumbi ya-
seTharishishi luthwele igolide
nesiliva, izinyo lendlovu,[h] izi-
nkawu namapigogo.

**23** Ngakho iNkosi uSolomo-
ni yayinkulu ngengcebo[i] na-
ngokuhlakanipha[a] kunawo wo-
nke amanye amakhosi omhla-
ba. **24** Abantu bomhlaba wo-
nke babefuna ukulalela uSolo-
moni* ukuze bezwe ukuhlaka-
nipha uNkulunkulu ayekufake
enhliziyweni yakhe.[b] **25** Nga-
munye wayeletha isipho—izinto
zesiliva, izinto zegolide, izingu-
bo, izembatho zempi, amafu-
tha ebhalsamu, amahhashi ne-
minyuzi—lokhu kwakwenzeka
unyaka nonyaka.

**26** USolomoni wayelokhu
eqongelela izinqola namahha-
shi;* wayenezinqola ezingu-
1 400 namahhashi* angu-12 000,[c]
wakugcina kumi emadolobhe-
ni ezinqola naseduze kwenkosi
eJerusalema.[d]

**27** Inkosi yenza isiliva laba
liningi njengamatshe eJerusa-
lema, nokhuni lomsedari ya-
lwenza lwaba luningi njengezi-
hlahla zemisikhamori eShe-
fela.[e]

**28** Amahhashi kaSolomoni
ayethunyelwa evela eGibhithe,
abathengisi benkosi babethe-
nga umhlambi wamahhashi*
ngenani elibekiwe.[f] **29** Inqola
ngayinye eyayithengwa eGibhi-
the yayibiza izinhlamvu zesi-
liva ezingu-600, ihhashi libiza
ezingu-150; uma sebewathengi-
le, babewadayisela wonke ama-
khosi amaHeti[g] namakhosi ase-
Siriya.

**11** INkosi uSolomoni ya-
thanda abafazi abani-
ngi bezinye izizwe[h] kanye ne-
ndodakazi kaFaro:[i] abesifa-
zane bakwaMowabi,[j] ba-
kwa-Amoni,[k] bakwa-Edomi,
baseSidoni[l] nabamaHeti.[m]

**10:17** *Ihawu elincane elalivame ukuphathwa amasosha aphatha imicibisholo. #EmiBhalweni YesiHebheru, umina wawulingana no-570 g. Bheka iSithasiselo B14.

**10:24** *NgesiHebheru, "babefuna ubuso bukaSolomoni." **10:26** *Noma, "nabagibeli bamahhashi." **10:28** *Noma kungaba, "ayethengwe eGibhithe naseKuwe; abahwebi benkosi babewathenga eKuwe," cishe kubhekiselwa eKhilikhiya.

ISAHL. 10
*a* 1Kh 7:2
*b* Hu 122:2, 5
*c* 2Kr 9:17-19
*d* Gen 49:9; Num 23:24; Num 24:9
*e* 1Kh 7:2
*f* 2Kr 9:20, 21
*g* Gen 10:4; Hu 72:10; Hez 27:12; Jon 1:3
*h* 1Kh 10:18
*i* Shu 5:19

Uhla 2
*a* 1Kh 3:12, 13; 1Kh 4:29; 2Kr 9:22-24
*b* IzA 2:6
*c* Dut 17:15, 16; 1Kh 4:26
*d* 2Kr 1:14; 2Kr 9:25
*e* 2Kr 1:15; 2Kr 9:27
*f* 2Kr 1:16, 17; 2Kr 9:28
*g* Jos 1:4

ISAHL. 11
*h* Dut 17:15, 17; Neh 13:26
*i* 1Kh 3:1
*j* Gen 19:36, 37
*k* 1Kh 14:21
*l* 1Kh 16:30, 31
*m* Gen 26:34, 35

**2** Babevela ezizweni uJeho-
va ayethe ngazo kuma-Israyeli:
“Ningangeni phakathi kwazo,*
nazo akufanele zingene pha-
kathi kwenu, ngoba naka-
njani ziyochezukisa izinhliziyo
zenu ukuba zilandele onkulu-
nkulu bazo.”[a] Kodwa uSolomo-
ni wanamathela kubo wabatha-
nda. **3** Wayenabafazi abangu-
700 ababengamakhosazana ne-
zancinza ezingu-300, kancane
kancane abafazi bakhe bayi-
chezukisa inhliziyo yakhe.*
**4** Lapho uSolomoni esegugi-
le,[b] abafazi bakhe bayiche-
zukisa* inhliziyo yakhe uku-
ba ilandele abanye onkulu-
nkulu,[c] inhliziyo yakhe yayi-
ngazinikele ngokuphelele# ku-
Jehova uNkulunkulu wa-
khe njengenhliziyo kaDavide
uyise. **5** USolomoni walande-
la u-Ashitoreti[d] unkulunku-
lukazi wabaseSidoni noMilko-
mu[e] unkulunkulu onyanyeka-
yo wama-Amoni. **6** USolomo-
ni wenza okubi emehlweni ka-
Jehova, akazange amlandele
ngokuphelele* uJehova njengo-
Davide uyise.[f]

**7** Yingaleso sikhathi lapho
uSolomoni akhela khona uKe-
moshi, unkulunkulu onyanye-
kayo wakwaMowabi, indawo
ephakeme[g] entabeni eyayipha-
mbi kweJerusalema, noMo-
leki[h] unkulunkulu onyanyeka-
yo wabakwa-Amoni.[i] **8** Yilo-
kho akwenzela bonke abafa-
zi bakhe bezinye izizwe ababe-
shunqisa umusi womhlatshe-
lo benza imihlatshelo konkulu-
nkulu babo.

**9** UJehova wamthukuthele-
la uSolomoni, ngoba inhliziyo
yakhe yayichezukile kuJeho-
va uNkulunkulu ka-Israyeli,[a]
owayebonakale kabili kuye,[b]
**10** nowayemxwayisile ngayo
kanye le nto, ukuthi akufane-
le alandele abanye onkulunku-
lu.[c] Kodwa akazange akulalele
lokho uJehova ayemyale nga-
kho. **11** UJehova wathi kuSo-
lomoni: “Ngenxa yokuthi wenze
le nto, awusigcinanga isivume-
lwano sami nemithetho yami
njengoba ngakuyala, nakanjani
ngizowuhlwitha umbuso kuwe,
ngizowunika enye yezinceku
zakho.[d] **12** Nokho, ngenxa ka-
Davide uyihlo, ngeke ngikwe-
nze ngesikhathi sokuphila kwa-
kho. Ngizowuhlwitha esandle-
ni sendodana yakho,[e] **13** ko-
dwa ngeke ngiwuhlwithe wo-
nke umbuso.[f] Indodana ya-
kho ngizoyinika isizwe esiso-
dwa,[g] ngenxa kaDavide inceku
yami nangenxa yeJerusalema
engilikhethile.”[h]

**14** UJehova wabe esevu-
sa umuntu ukuba amelane no-
Solomoni,[i] uHadadi umEdo-
mi, wasebukhosini bakwa-Edo-
mi.[j] **15** Lapho uDavide enqo-
ba u-Edomi,[k] uJowabe indu-
na yempi wakhuphuka wa-
yongcwaba labo ababebule-
we, futhi wazama ukubula-
la bonke abesilisa kwa-Edo-
mi. **16** (Ngoba uJowabe nawo
wonke u-Israyeli bahlala lapho
izinyanga eziyisithupha kwa-
ze kwaba yilapho esebabula-
le* bonke abesilisa kwa-Edo-
mi.) **17** Kodwa uHadadi waba-
leka nezinye zezinceku zikayi-
se zakwa-Edomi baya eGibhi-
the; ngaleso sikhathi uHada-
di wayesengumfana omnca-
ne. **18** Ngakho basuka kwaMi-

ISAHL. 11
*a* Eks 34:16; Dut 7:3; Jos 23:12, 13; 2Ko 6:14
*b* 1Kh 11:42
*c* Dut 7:3, 4; Neh 13:26
*d* Hlu 2:11, 13; Hlu 10:6; 1Sa 7:3
*e* Zef 1:5
*f* 1Kh 15:5
*g* Lev 26:30; Num 33:52; 2Kh 21:1, 3
*h* Lev 18:21; IzE 7:43
*i* 2Kh 23:13

Uhla 2
*a* Dut 7:3, 4; IzA 4:23
*b* 1Kh 3:5; 1Kh 9:2
*c* 2Kr 7:19, 20
*d* 2Kh 17:21
*e* 2Kr 10:18, 19
*f* 2Sa 7:12, 15
*g* 1Kh 12:20; 2Kr 11:1
*h* Dut 12:11
*i* 2Sa 7:12, 14
*j* Gen 27:40
*k* 2Sa 8:13

**11:2** *Noma, “Akumele niganisela-ne nazo.” **11:3** *Noma, “abafazi bakhe baba nethonya elinamandla kuye.” **11:4** *Noma, “bayidukisa.” #Noma, “yayingaphelele.” **11:6** *NgesiHebheru, “ngokugcwele.”

**11:16** *NgesiHebheru, “esebanqume.”

diyani bafika ePharanu. Batha-
tha amadoda ePharanu[a] baha-
mba nawo baya eGibhithe ku-
Faro inkosi yaseGibhithe, owa-
mnika indlu, wamabela ukudla,
wamnika nendawo. **19** UHa-
dadi wathola umusa emehlweni
kaFaro, kangangokuba wamga-
nisela udadewabo wenkosikazi
yakhe, uThahipenesi indlovu-
kazi.* **20** Ngemva kwesikha-
thi udadewabo kaThahipenesi
wamzalela indodana, uGenuba-
ti, uThahipenesi wamkhulisela
endlini kaFaro, uGenubati wa-
hlala endlini kaFaro namado-
dana kaFaro.

**21** UHadadi wezwa eseGi-
bhithe ukuthi uDavide wayese-
lele nokhokho bakhe[b] nokuthi
uJowabe induna yempi waye-
sefile.[c] Ngakho uHadadi wathi
kuFaro: “Ngivumele ngihambe,
ngiye ezweni lakithi.” **22** Ko-
dwa uFaro wathi kuye: “Yini
oyiswele njengoba ulapha kimi
ukuba ungaze ufune ukuya
ezweni lakini?” Yena wathi:
“Angiswele lutho, kodwa ngice-
la ungivumele ngihambe.”

**23** UNkulunkulu wavusela
uSolomoni nomunye umuntu
ukuba amelane naye,[d] uRezoni
indodana ka-Eliyada, owayeba-
lekele inkosi yakhe uHadade-
zeri[e] inkosi yaseZoba. **24** La-
pho uDavide ebanqoba,*[f] wa-
qoqela amadoda kuye waba yi-
nduna yeviyo labaphangi. Nga-
kho baya eDamaseku[g] bahlala
khona futhi babusa eDamase-
ku. **25** Wamelana no-Israyeli
zonke izinsuku zikaSolomoni,
enezela emonakalweni owenzi-
wa uHadadi, wayemenyanya
u-Israyeli ngesikhathi ebusa
phezu kweSiriya.

**26** Kwakukhona noJerobo-
wamu[a] indodana kaNebhati
umEfrayimi waseZereda, ince-
ku kaSolomoni,[b] igama likani-
na kwakunguZeruwa, umfe-
lokazi. Naye waqala ukuvuke-
la inkosi.*[c] **27** Yilesi isiza-
thu esenza ukuba avukele
inkosi: USolomoni wayakhe
iNdunduma,*[d] evale nesikhala
seDolobha LikaDavide uyise.[e]
**28** UJerobowamu wayeyindo-
da enekhono. Lapho uSolomo-
ni ebona ukuthi le nsizwa yayi-
khuthele, wayenza yaba yindu-
na[f] phezu kwawo wonke umse-
benzi ophoqelelwe wendlu ka-
Josefa. **29** Phakathi naleso
sikhathi uJerobowamu waphu-
ma eJerusalema, umprofethi
u-Ahiya[g] waseShilo wamthola
endleleni. U-Ahiya wayegqoke
ingubo entsha, bobabili babe-
bodwa endle. **30** U-Ahiya wa-
bamba le ngubo entsha aye-
yigqokile wayidabula yaba imi-
dweshu engu-12. **31** Wathi ku-
Jerobowamu:

“Zithathele imidweshu eyi-
shumi, ngoba yilokhu uJehova
uNkulunkulu ka-Israyeli aku-
shoyo: ‘Ngiyawuhlwitha umbu-
so esandleni sikaSolomoni,
ngizokunika izizwe eziyishu-
mi.[h] **32** Kodwa isizwe esiso-
dwa sizoqhubeka singesakhe[i]
ngenxa yenceku yami uDavide[j]
nangenxa yeJerusalema, idolo-
bha engilikhethile kuzo zonke
izizwe zakwa-Israyeli.[k] **33** Lo-
khu ngizokwenza ngenxa yo-
kuthi bangishiyile[l] bakhotha-
mela u-Ashitoreti unkulu-
nkulukazi wabaseSidoni, uKe-
moshi unkulunkulu wakwa-
Mowabi noMilkomu unkulu-
nkulu wabakwa-Amoni, abaza-
nge bahambe ezindleleni zami

---

11:19 *Hhayi indlovukazi ebusayo.
11:24 *NgesiHebheru, “ebabulala.”

11:26 *NgesiHebheru, “ukuphakamisela inkosi isandla.” 11:27 *Noma, “iMilo.” Igama lesiHebheru elisho “ukugcwalisa.”

---

ISAHL. 11
a Num 10:12
b 1Kh 2:10
c 1Kh 2:34
d 1Kh 11:14
e 2Sa 8:3
f 2Sa 10:18
g 2Sa 8:5, 1Kh 19:15, Isay 7:8

Uhla 2
a 1Kh 11:31, 1Kh 12:32, 1Kh 14:10, 2Kr 11:14, 2Kr 13:3, 20
b 1Kh 9:22
c 2Kr 13:6
d 1Kh 9:15, 24
e 2Sa 5:7
f 1Kh 5:16
g 1Kh 12:15, 1Kh 14:2, 2Kr 9:29
h 1Kh 12:16
i 1Kh 12:20, 2Kr 11:1
j Gen 49:10
k Dut 12:5, 6, 1Kh 11:13, Hu 132:13
l Dut 28:15, 2Kr 15:2

ngokwenza okuhle emehlwe-
ni ami nangokugcina imithetho
yami nezahlulelo zami njengo-
Davide uyise. **34** Kodwa nge-
ke ngiwuthathe wonke umbu-
so esandleni sakhe, ngizomgci-
na eyisikhulu zonke izinsuku
zokuphila kwakhe, ngenxa ka-
Davide inceku yami engayikhe-
tha,[a] ngoba wayigcina imiya-
lo yami nemithetho yami.
**35** Kodwa ubukhosi ngizobu-
thatha esandleni sendodana
yakhe ngibunike wena, oku-
ngukuthi izizwe eziyishumi.[b]
**36** Indodana yakhe ngizoyini-
ka isizwe esisodwa, ukuze uDa-
vide inceku yami ahlale ene-
sibani phambi kwami eJerusa-
lema,[c] idolobha engizikhethele
lona ukuba ngibeke igama lami
kulo. **37** Ngizokuthatha, uzo-
busa phezu kwakho konke oku-
fisayo, futhi uzoba yinkosi phe-
zu kuka-Israyeli. **38** Uma uku-
lalela konke engikuyala nga-
kho, uhambe ezindleleni zami,
wenze okulungile emehlweni
ami ngokugcina imithetho yami
nemiyalo yami, njengoba nje
uDavide inceku yami enza,[d]
nami ngizoba nawe. Inzalo ya-
kho iyobusa isikhathi eside,
njengenzalo kaDavide.[e] Ngizo-
kwenza ube yinkosi phezu
kuka-Israyeli. **39** Ngizoyilula-
za inzalo kaDavide ngenxa ya-
lokhu,[f] kodwa hhayi unomphe-
la.' "[g]

**40** Ngakho uSolomoni waza-
ma ukubulala uJerobowa-
mu, kodwa uJerobowamu wa-
balekela eGibhithe kuShisha-
ki[h] inkosi yaseGibhithe,[i] wahla-
la eGibhithe kwaze kwafa uSo-
lomoni.

**41** Wonke omunye umlando
kaSolomoni, konke akwenza
nokuhlakanipha kwakhe, kulo-
tshiwe encwadini yomlando ka-
Solomoni.[a] **42** Isikhathi* uSo-
lomoni asibusa eJerusalema
phezu kwawo wonke u-Isra-
yeli saba yiminyaka engu-40.
**43** Ngemva kwalokho uSolo-
moni washona, wangcwatshwa
eDolobheni LikaDavide uyise;
uRehobowamu[b] indodana ya-
khe waba yinkosi esikhundleni
sakhe.

**12** URehobowamu waya
eShekemi, ngoba wonke
u-Israyeli wafika eShekemi[c]
ezombeka abe inkosi.[d] **2** Kwa-
thi nje lapho uJerobowamu
indodana kaNebhati ezwa nga-
kho (wayeseseGibhithe ngo-
ba wayebalekile ngenxa yeNko-
si uSolomoni, futhi wayehlala
eGibhithe),[e] **3** bathumela ba-
mbiza. Ngemva kwalokho uJe-
robowamu nalo lonke ibandla
lika-Israyeli bafika kuRehobo-
wamu, bathi: **4** "Uyihlo we-
nza ijoka lethu laba nzima.[f] Ko-
dwa uma wena wenza umse-
benzi onzima kayihlo ube lula,
uxegisa ijoka elisindayo* alibe-
ke phezu kwethu, sizokukho-
nza."

**5** Wabaphendula wathi: "Ha-
mbani izinsuku ezintathu bese
nibuya nize kimi." Ngakho aba-
ntu bahamba.[g] **6** INkosi uRe-
hobowamu yacela iseluleko
emadodeni amadala* ayekho-
nze uSolomoni uyise ngesi-
khathi esaphila, yathi: "Ninga-
ngeluleka ukuba ngisiphendu-
le ngithini lesi sizwe?" **7** Ayi-
phendula athi: "Uma namuhla
uzoba yinceku kulesi sizwe we-
nze lokho esikucelayo, usiphe-
ndule kahle, siyoba yizinceku
zakho njalo."

**8** Nokho, yasenqaba iselule-
ko samadoda amadala,* yace-

---

**ISAHL. 11**
a 1Kh 9:4, 5; Hu 89:49; Hu 132:17; Isay 9:7
b 1Kh 12:20; 2Kr 10:16
c 2Sa 7:29; 1Kh 15:4; 2Kh 8:19
d 1Kh 15:5
e 2Sa 7:11
f 1Kh 12:16
g Gen 49:10; Isay 11:1; Luk 1:32, 33
h 1Kh 14:25
i 2Kr 10:2

**Uhla 2**
a 2Kr 9:29-31
b 1Kr 3:10; 2Kr 13:7; Mat 1:7

**ISAHL. 12**
c Gen 12:6; Jos 20:7, 9; Hlu 9:1, 2; IzE 7:15, 16
d 2Kr 10:1-4
e 1Kh 11:26, 40
f 1Sa 8:11-18; 1Kh 4:7
g 2Kr 10:5-7

---

**11:42** *NgesiHebheru, "Izinsuku." **12:4** *Noma, "elicindezelayo." **12:6** *Noma, "kubadala." **12:8** *Noma, "sabadala."

la iseluleko ezinsizweni ezingo-
ntanga bayo, ezaziyizikhonzi[a]
zayo. **9** Yathi kuzo: "Ningelu-
leka ukuba ngisiphendule ngi-
thini lesi sizwe esithe kimi, 'Le-
nze libe lula ijoka uyihlo ali-
beka phezu kwethu'?" **10** Izi-
nsizwa ezingontanga bayo zayi-
phendula zathi: "Yilokhu oku-
fanele ukusho kulesi sizwe esi-
the kuwe, 'Uyihlo wenza ijoka
lethu laba nzima, kodwa wena
kufanele usenzele lona libe
lula'; yilokhu okufanele uku-
sho kubo, 'Mina ngizolindela
okungaphezu kokwakufunwa
ubaba.* **11** Ubaba wanithwe-
sa ijoka elisindayo, kodwa mina
ngizonezela ejokeni lenu. Uba-
ba wanishaya ngeziswebhu, ko-
dwa mina ngizonishaya ngezi-
swebhu ezinameva.'"

**12** UJerobowamu nabo bo-
nke abantu beza kuRehobowa-
mu ngosuku lwesithathu, nje-
ngoba nje inkosi yayishilo
yathi: "Buyani kimi ngosu-
ku lwesithathu."[b] **13** Kodwa
inkosi yabaphendula ngokha-
hlo abantu, yenqaba iseluleko
eyayisinikwe amadoda amada-
la.* **14** Yakhuluma nabo ngo-
kwalokho izinsizwa ezaziyelu-
leke ngakho, yathi: "Ubaba we-
nza ijoka lenu laba nzima, ko-
dwa mina ngizonezela ejokeni
lenu. Ubaba wanishaya ngezi-
swebhu, kodwa mina ngizo-
nishaya ngeziswebhu eziname-
va." **15** Ngakho inkosi ayiza-
nge ibalalele abantu, ngoba lo-
khu kwabangelwa uJehova,[c]
ukuze kufezeke izwi uJehova
ayelikhulume ngo-Ahiya[d] wase-
Shilo kuJerobowamu indodana
kaNebhati.

**16** Lapho wonke ama-Isra-
yeli ebona ukuthi inkosi ayiwa-
lalelanga, abantu bayiphendu-
la inkosi, bathi: "Akukho oku-
sihlanganise noDavide! Asina-
fa endodaneni kaJese. O Isra-
yeli, yana konkulunkulu bakho.
Wena Davide, naka indlu ya-
kho!" Ngakho u-Israyeli wa-
buyela emakhaya.*[a] **17** Ko-
dwa uRehobowamu waqhube-
ka ebusa ama-Israyeli ayehlala
emadolobheni akwaJuda.[b]

**18** INkosi uRehobowamu ya-
be isithumela u-Adoramu,[c] owa-
yengamele labo ababebuthelwe
ukwenza umsebenzi oyimpoqo,
kodwa wonke u-Israyeli wam-
shaya ngamatshe waze wafa.
INkosi uRehobowamu yakwazi
ukugibela inqola yayo yaba-
lekela eJerusalema.[d] **19** Ama-
Israyeli abelokhu evukela[e] indlu
kaDavide kuze kube namu-
hla.

**20** Kwathi nje lapho wo-
nke u-Israyeli ezwa ukuthi uJe-
robowamu ubuyile, wambizela
emhlanganweni wamenza inko-
si phezu kuka-Israyeli wonke.[f]
Akekho noyedwa kubantu owa-
landela indlu kaDavide ngapha-
ndle kwesizwe sakwaJuda.[g]

**21** Lapho uRehobowamu efi-
ka eJerusalema, ngokushesha
wabutha indlu kaJuda nesizwe
sakwaBhenjamini, amaqhawe
aqeqeshiwe* angu-180 000 uku-
ba alwe nendlu ka-Israye-
li, ukuze kubuyiselwe ubu-
khosi kuRehobowamu indoda-
na kaSolomoni.[h] **22** Izwi lika-
Nkulunkulu weqiniso lafika ku-
Shemaya[i] umuntu kaNkulunku-
lu weqiniso, lathi: **23** "Khu-
luma noRehobowamu indoda-
na kaSolomoni inkosi yakwa-
Juda nayo yonke indlu kaJu-
da noBhenjamini nabo bonke
abantu uthi, **24** 'Yilokhu
uJehova akushoyo: "Akumele

ISAHL. 12
a 2Kr 10:8-11
b 2Kr 10:12-15
c Dut 2:30; 2Kr 22:7; Rom 9:18
d 1Kh 11:31

Uhla 2
a 2Kr 10:16, 17
b 1Kh 11:12, 13; 2Kr 11:13, 16
c 2Sa 20:24; 1Kh 4:6; 1Kh 5:13, 14
d 2Kr 10:18, 19
e 2Kh 17:21
f 1Kh 11:30, 31
g 1Kh 11:12, 13; Hos 11:12
h 2Kr 11:1-4; 2Kr 25:5
i 2Kr 12:5

**12:10** *NgesiHebheru, "Ucikicane wami uzoba mkhulu kunokhalo lukababa."
**12:13** *Noma, "abadala."
**12:16** *NgesiHebheru, "ematendeni."
**12:21** *NgesiHebheru, "akhethiwe."

nikhuphuke niyolwa nabafo-
wenu abangama-Israyeli. Nga-
munye wenu makabuyele
endlini yakhe, ngoba yimi oba-
ngele ukuba le nto yenzeke.”’”[a]
Ngakho balilalela izwi likaJe-
hova babuyela emakhaya, nje-
ngoba nje uJehova ayebatshe-
lile.
**25** UJerobowamu wakha*
iShekemi[b] ezintabeni zakwa-
Efrayimi wahlala khona. Wasu-
ka lapho wakha* iPhenuweli.[c]
**26** UJerobowamu wathi enhli-
ziyweni yakhe: “Manje umbu-
so uzobuyela endlini kaDavi-
de.[d] **27** Uma lesi sizwe si-
qhubeka sihamba siyonikela
imihlatshelo endlini kaJehova
eJerusalema,[e] inhliziyo yalesi
sizwe iyobuyela enkosini yaso,
iNkosi uRehobowamu yakwa-
Juda. Impela sizongibulala si-
buyele kuRehobowamu inkosi
yakwaJuda.” **28** Ngemva ko-
kucebisana nabathile, inkosi
yenza amathole amabili egoli-
de[f] yathi kubantu: “Kunga-
phezu kwamandla enu uku-
khuphukela eJerusalema. Na-
ngu uNkulunkulu wakho, Isra-
yeli, owakukhipha ezweni lase-
Gibhithe.”[g] **29** Elinye walibe-
ka eBhethele,[h] elinye walibeka
kwaDani.[i] **30** Le nto yabange-
la ukuba bone,[j] abantu baha-
mba baze bafika kwaDani uku-
ze bakhonze ithole elalilapho.
**31** Wakha izindlu zokukho-
nza ezindaweni eziphake-
me, wathatha nabanye kubantu
abavamile wabenza abapristi,
abantu ababengewona amaLe-
vi.[k] **32** UJerobowamu wamisa
nomkhosi ofana nomkhosi wa-
kwaJuda[l] ngenyanga ka-8 ngo-
suku luka-15 lwenyanga. Phezu
kwe-altare ayelenze eBhethe-
le,[m] wanikela umhlatshelo
ematholeni ayewenzile, eBhe-
thele wabeka abapristi bezi-
ndawo eziphakeme ayezenzi-
le. **33** Wenza iminikelo phezu
kwe-altare ayelenze eBhethele
ngosuku luka-15 ngenyanga
ka-8, inyanga ayezikhethele
yona; wamisela ama-Israyeli
umkhosi, wakhuphukela e-alta-
re ukuze ayokwenza iminikelo
ashunqise nomhlatshelo.

**13** Umuntu kaNkulunkulu[a]
wafika eBhethele evela
kwaJuda ngomyalo kaJehova,
ngesikhathi uJerobowamu emi
eduze kwe-altare[b] eyoshunqi-
sa umhlatshelo. **2** Wamemeza
ngokumelene ne-altare ngoku-
vumelana nalokho uJehova
ayemyale ngakho wathi: “O
altare, altare! Yilokhu uJeho-
va akushoyo: ‘Bheka! Kuzoza-
lwa indodana ezobizwa ngoku-
thi uJosiya[c] endlini kaDavide!
Izokwenza umhlatshelo phezu
kwakho ngabapristi bezindawo
eziphakeme abashunqisa imi-
hlatshelo phezu kwakho, iyo-
shisa namathambo abantu phe-
zu kwakho.’”[d] **3** Umuntu ka-
Nkulunkulu wanikeza ibika*
ngalolo suku, wathi: “Nali ibi-
ka# elifakazela ukuthi uJehova
ukushilo lokhu: Bheka! I-alta-
re lizohlukana phakathi, umlo-
tha△ ophezu kwalo uzochithe-
ka.”
**4** Kwathi nje lapho iNkosi
uJerobowamu izwa izwi umu-
ntu kaNkulunkulu weqiniso
ayelimemezele ngokumelene
ne-altare eBhethele, yelula isa-
ndla sayo isisusa e-altare, ya-
thi: “Mbambeni!”[e] Ngokushe-
sha, isandla eyayiselulele kuye
soma,* yayingasakwazi uku-

ISAHL. 12
a 1Kh 11:30, 31
b 1Kh 12:1
c Gen 32:30; Hlu 8:13, 17
d 1Kh 11:38
e Dut 12:5, 6
f Eks 20:4; 2Kh 10:29
g Eks 32:4, 8; 2Kr 11:15, 16
h Gen 12:8, 9; Gen 28:19
i Gen 14:14; Dut 34:1; Hlu 18:29; Hlu 20:1
j 2Kh 10:31; 2Kh 17:21-23
k Num 3:10; 1Kh 13:33; 2Kr 11:14; 2Kr 13:9
l Lev 23:34
m Amo 7:13

Uhla 2

ISAHL. 13
a 2Kh 23:16, 17
b 1Kh 12:32; Amo 3:14
c 2Kh 21:24; 2Kh 22:1
d 2Kh 23:15, 16; 2Kr 34:33
e 2Kr 16:10; Jer 20:2

**12:25** *Noma, “waqinisa.”

**13:3** *Noma, “uphawu.” *Noma, “Nalu uphawu.” #Noma, “umlotha onamafutha,” okuwukuthi, umlotha othelwe ngamafutha emihlatshelo. **13:4** *Noma, “sayeka ukusebenza.”

sibuyisa.[a] **5** I-altare lahluka-
na phakathi, umlotha wachi-
theka e-altare, ngokuvumela-
na nebika* uJehova ayelitshe-
le umuntu kaNkulunkulu weqi-
niso.

**6** Ngakho inkosi yathi ku-
muntu kaNkulunkulu weqini-
so: "Ngicela uncenge* uJeho-
va uNkulunkulu wakho ungi-
thandazele ukuba isandla sami
siphiliswe."[b] Khona-ke umu-
ntu kaNkulunkulu weqiniso
wamncenga uJehova, isandla
senkosi saphiliswa, saba nje-
ngasekuqaleni. **7** Inkosi yabe
isithi kumuntu kaNkulunku-
lu weqiniso: "Woza siye ekha-
ya uthole okudliwayo, ngiku-
phe nesipho." **8** Kodwa umu-
ntu kaNkulunkulu weqiniso
wathi enkosini: "Ngisho noma
ubunganginika ingxenye ye-
ndlu yakho, bengingeke ngi-
hambe nawe ngidle isinkwa
noma ngiphuze amanzi kule
ndawo. **9** Ngoba yile ndlela
uJehova angiyale ngayo, wa-
thi: 'Akumele udle isinkwa
noma uphuze amanzi, futhi
ungabuyeli emuva ngendlela
oze ngayo.'" **10** Ngakho wa-
hamba ngenye indlela, akaza-
nge abuyele emuva ngendle-
la ayeze ngayo eBhethele.

**11** Kunomprofethi othile
owayesemdala owayehlala
eBhethele, amadodana akhe
afika ekhaya amxoxela zonke
izinto umuntu kaNkulunku-
lu weqiniso ayezenzile ngalolo
suku eBhethele namazwi aye-
wakhulume enkosini. Ngemva
kokuxoxela uyise ngalezi zi-
nto, **12** uyise wawabuza wa-
thi: "Uhambe ngayiphi indle-
la?" Ngakho amadodana akhe
ambonisa indlela lo muntu ka-
Nkulunkulu weqiniso owayeve-
la kwaJuda ayehambe ngayo.
**13** Manje wathi emadodaneni
akhe: "Ngibopheleni imbongo-
lo." Ngakho ambophela imbo-
ngolo, wayigibela.

**14** Wamlandela lo muntu
kaNkulunkulu weqiniso wam-
thola ehlezi ngaphansi kwe-
sihlahla esikhulu. Wathi kuye:
"Ingabe nguwena umuntu ka-
Nkulunkulu weqiniso ovela
kwaJuda?"[a] Waphendula wa-
thi: "Yebo yimina." **15** Wathi
kuye: "Woza siye ekhaya udle
isinkwa." **16** Kodwa wathi:
"Ngeke ngikwazi ukuphindela
nawe emuva noma ngamuke-
le isimemo sakho, anginaku-
sidla nesinkwa noma ngiphuze
amanzi kanye nawe kule nda-
wo. **17** Ngoba uJehova ungi-
yalile wathi: 'Akumele udle isi-
nkwa noma uphuze amanzi la-
pho. Akumele ubuye ngendlela
ohambe ngayo.'" **18** Yena wa-
thi kuye: "Nami ngingumprofe-
thi njengawe, ingelosi inginike
lo myalo ovela kuJehova, yathi,
'Mlande ubuyele naye emzini
wakho ukuze azodla isinkwa,
aphuze namanzi.'" (Wamkho-
hlisa.) **19** Ngakho waphindela
naye emuva ukuze ayodla isi-
nkwa aphuze namanzi emzini
wakhe.

**20** Kwathi besahlezi etafu-
leni, izwi likaJehova lafika
kumprofethi owayembuyisile,
**21** wabe esememeza umuntu
kaNkulunkulu weqiniso owaye-
vela kwaJuda, wathi, "Yilokhu
uJehova akushoyo: 'Ngenxa yo-
kuthi udlubulundile emyalweni
kaJehova wangawugcina umya-
lo uJehova uNkulunkulu wa-
kho akuyale ngawo, **22** kodwa
uphindele emuva wayodla isi-
nkwa waphuza namanzi enda-
weni owatshelwa ngayo kwathi-
wa, "Ungasidli isinkwa noma

---

**13:5** *Noma, "nophawu." **13:6** *Noma, "uthambise ubuso."

**ISAHL. 13**
*a* 2Kh 6:18
*b* Eks 10:16, 17; Num 21:7; Jer 37:3; IzE 8:24

**Uhla 2**
*a* 1Kh 13:1

uphuze amanzi,” isidumbu sa-
kho ngeke sifike emangcwabeni
okhokho bakho.’ ”[a]

**23** Lapho umuntu kaNkulu-
nkulu weqiniso eseqedile uku-
dla isinkwa nokuphuza, um-
profethi osekhulile wabophele-
la lo mprofethi ayembuyisile
imbongolo. **24** Ngemva kwa-
lokho wahamba, kodwa wahla-
ngana nebhubesi endleleni la-
mbulala.[b] Isidumbu sakhe sa-
sidindilize endleleni, imbongo-
lo imi eceleni kwaso; ibhu-
besi nalo lalimi eceleni kwesi-
dumbu. **25** Kwakukhona aba-
ntu abadlulayo abasibona isi-
dumbu sidindilize endleleni
nebhubesi limi eceleni kwa-
so. Bafika bakhuluma ngakho
edolobheni lapho kwakuhlala
khona lo mprofethi owayese-
mdala.

**26** Lapho umprofethi owaye-
mbuyisile endleleni ezwa nga-
kho, masinyane wathi: “Ngu-
muntu kaNkulunkulu weqini-
so odlubulunde emyalweni ka-
Jehova;[c] ngakho uJehova umni-
kele ebhubesini, ukuba lim-
dwengule limbulale, ngokwe-
zwi likaJehova ayelikhulume
kuye.”[d] **27** Wabe esethi ema-
dodaneni akhe: “Ngibopheleni
imbongolo.” Ngakho ayibophe-
la. **28** Ngemva kwalokho wa-
hamba wafike wathola isidu-
mbu sidindilize endleleni, imbo-
ngolo nebhubesi kumi ecele-
ni kwaso. Ibhubesi lalingasi-
dlanga isidumbu, lingayidwe-
ngulanga nembongolo. **29** Lo
mprofethi waphakamisa isidu-
mbu somuntu kaNkulunkulu
weqiniso wasibeka phezu kwe-
mbongolo, wabuyela naso
edolobheni lakubo ukuze amli-
lele futhi amngcwabe. **30** Nga-
kho wabeka isidumbu ethune-
ni lakhe, futhi babelokhu be-
mlilela bethi: “Kwaze kwaku-
bi, mfowethu!” **31** Ngemva ko-
kumngcwaba, wathi emadoda-
neni akhe: “Lapho ngifa, ku-
mele ningingcwabe ethuneni
okungcwatshwe kulo umuntu
kaNkulunkulu weqiniso. Nibe-
ke amathambo ami eceleni
kwamathambo akhe.[a] **32** Ngo-
ba izwi likaJehova alikhulumile
nge-altare eliseBhethele nanga-
zo zonke izindlu zokukhuleke-
la ezisezindaweni eziphakeme[b]
emadolobheni aseSamariya na-
kanjani liyogcwaliseka.”[c]

**33** Ngisho nangemva koku-
ba kwenzeke lokhu, uJero-
bowamu akazange aphendu-
ke endleleni yakhe embi, ko-
dwa waqhubeka ethatha aba-
ntu abavamile ebenza abapristi
bezindawo eziphakeme.[d] Noma
ubani owayefisa ukuba ngum-
pristi wayemenza umpristi,*
athi: “Makabe ngomunye waba-
pristi bezindawo eziphakeme.”[e]
**34** Lesi sono esenziwa yindlu
kaJerobowamu[f] sayiholela eku-
bhujisweni nasekuqothulweni
kwayo yasuka ebusweni bom-
hlaba.[g]

**14** Ngaleso sikhathi u-Abhi-
ya indodana kaJerobo-
wamu wagula. **2** Ngakho uJe-
robowamu wathi kumkakhe:
“Ngicela usuke, uzishaye omu-
nye umuntu ukuze kungabo-
nakali ukuthi ungumkami, uye
eShilo. U-Ahiya umprofethi
ulapho. Nguye owayethe ngi-
yoba yinkosi phezu kwalesi si-
zwe.[h] **3** Thatha izinkwa eziyi-
shumi, amakhekhe nesigubhu
soju, bese uya kuye. Yena uzo-
kutshela ukuthi kuzokwenze-
kani kulo mfana.”

**4** UmkaJerobowamu wenza
kanjalo. Wasuka wahamba

---

**ISAHL. 13**
a 1Kh 13:30; 2Kh 23:17, 18
b 2Sa 6:7; 1Kh 20:35, 36; 2Kh 17:25
c 1Kh 13:9
d 1Kh 13:21, 22

**Uhla 2**
a 2Kh 23:17, 18
b Lev 26:30; 1Kh 12:29, 31
c 2Kh 23:15, 19
d 1Kh 12:25, 31
e 2Kr 11:14, 15
f 1Kh 16:30, 31; 2Kh 3:1, 3; 2Kh 10:31; 2Kh 13:1, 2
g 1Kh 14:10; 1Kh 15:25-29; 2Kh 17:22, 23

**ISAHL. 14**
h 1Kh 11:30, 31

---

**13:33** * NgeHebheru, “wayegcwalisa isandla sakhe.”

waya eShilo[a] emzini ka-Ahiya.
U-Ahiya wayengasaboni, ngoba
wayesemdala.
**5** Kodwa uJehova wayem-
tshelile u-Ahiya wathi: “Umfazi
kaJerobowamu uza kuwe uzo-
buza ngokuphathelene nendo-
dana yakhe, ngoba iyagula.
Ngizokutshela lokho okufa-
nele ukusho kuye.* Lapho efi-
ka, uzozishaya omunye umu-
ntu.”
**6** Kwathi nje lapho u-Ahiya
ezwa izigi zakhe njengoba aye-
ngena emnyango, wathi: “Nge-
na, mfazi kaJerobowamu. Ku-
ngani uzenza omunye umuntu?
Ngiyalwe ukuba ngidlulisele
izindaba ezibuhlungu kuwe.
**7** Hamba, uthi kuJerobowa-
mu, ‘Yilokhu uJehova uNkulu-
nkulu ka-Israyeli akushoyo:
“Ngakuphakamisa phakathi
kwabantu bakini, ukuze ngi-
kwenze umholi phezu kwesi-
zwe sami u-Israyeli.[b] **8** Nga-
wuhlwitha umbuso endlini ka-
Davide ngawunika wena.[c] Ko-
dwa awuzange ube njenge-
nceku yami uDavide, owagci-
na imiyalo yami nowangilande-
la ngayo yonke inhliziyo ya-
khe, owenza okulungile ku-
phela emehlweni ami.[d] **9** Ko-
dwa wena wenze okubi kakhu-
lu kunabo bonke ababengapha-
mbi kwakho, uzenzele omunye
unkulunkulu nezithombe ze-
nsimbi* ukuze ungicasule,[e]
ungifulathelile.[f] **10** Ngenxa
yaleso sizathu, ngiletha inhle-
kelele endlini kaJerobowamu,
ngizobaqeda* bonke abesili-
sa# kuJerobowamu, kuhlanga-
nise nongakwazi ukuzisiza no-
buthakathaka kwa-Israyeli, ngi-
zoyishanela yome geqe indlu
kaJerobowamu,[a] njengalapho
nje umuntu esusa ubulongwe
buze buphele! **11** Noma ubani
ongokaJerobowamu ofela edo-
lobheni, uyodliwa yizinja; noma
ubani ofela endle uyodliwa yi-
zinyoni zezulu, ngoba uJehova
useshilo.”’
**12** “Manje sukuma uhambe
uye kwakho. Lapho nje ulubeka
unyawo edolobheni, umntwa-
na uzofa. **13** Wonke u-Israye-
li uzomlilela amngcwabe, ngo-
ba nguye yedwa emndenini ka-
Jerobowamu ozongcwatshwa,
ngenxa yokuthi nguye kuphe-
la endlini kaJerobowamu uJe-
hova uNkulunkulu ka-Israye-
li athole kuye okuthile okuhle.
**14** UJehova uyozimisela inko-
si phezu kuka-Israyeli eyoqo-
thula* indlu kaJerobowamu[b] la-
pho lolo suku lufika, uma etha-
nda angakwenza ngisho na-
manje. **15** UJehova uyomsha-
ya u-Israyeli abe njengomhla-
nga ontengantenga emanzini,
uyomsiphula u-Israyeli kuleli
zwe elihle alinika okhokho ba-
khe,[c] uyomhlakazela ngaphe-
sheya koMfula,*[d] ngenxa yoku-
thi wazenzela izigxobo ezi-
ngcwele,#[e] ecasula uJehova.
**16** Uyomlahla u-Israyeli nge-
nxa yezono uJerobowamu aze-
nzile nabangele u-Israyeli uku-
ba azenze.”[f]
**17** UmkaJerobowamu wasu-
kuma wahamba waze wafi-
ka eTiriza. Lapho ebeka unya-
wo lwakhe emnyango, umfana
wafa. **18** Ngakho bamngcwa-
ba, wonke u-Israyeli wamlilela,

---

**14:5** *Noma, “Uyokhuluma kanje nakanje kuye.” **14:9** *Noma, “ezenziwe ngokuncibilikisiwe.” **14:10** *NgesiHebheru, “ngizobanquma.” #NgesiHebheru, “bonke abachamela udonga.” Inkulumo yesiHebheru yokwedelela ebhekisela kwabesilisa.

**14:14** *NgesiHebheru, “eyonquma.” **14:15** *Okuwukuthi, i-Ewufrathe. #Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

---

ISAHL. 14
a Jos 18:1; 1Sa 4:3
b 1Kh 11:30, 31; 1Kh 12:20
c 1Kh 12:16
d 1Kh 15:5; IzE 13:22
e Dut 27:15; 2Kr 11:15
f Neh 9:26; Hu 50:17

Uhla 2
a 1Kh 15:25-29
b 1Kh 15:25-29
c Dut 8:7-9; Dut 29:28; Jos 23:15; 2Kh 17:6
d Dut 28:64; 2Kh 15:29; 2Kh 18:11
e Dut 12:3
f 1Kh 12:28-30; 1Kh 13:33, 34

ngokuvumelana nezwi likaJe-
hova ayelikhulume ngenceku
yakhe u-Ahiya umprofethi.
**19** Wonke omunye umlando
kaJerobowamu, indlela alwa[a]
ngayo nendlela abusa nga-
yo, ulotshiwe encwadini yomla-
ndo wamakhosi akwa-Israye-
li. **20** Isikhathi* uJerobowa-
mu asibusa kwaba yiminyaka
engu-22, ngemva kwalokho wa-
ngcwatshwa kanye nokhokho
bakhe;[b] uNadabi indodana ya-
khe waba yinkosi esikhundleni
sakhe.[c]
**21** Phakathi naleso sikha-
thi, uRehobowamu indoda-
na kaSolomoni wayebe yi-
nkosi kwaJuda. URehobowa-
mu wayeneminyaka engu-41
lapho eba inkosi, wabusa imi-
nyaka engu-17 eJerusalema,
idolobha uJehova ayelikhe-
thile[d] kuzo zonke izizwe za-
kwa-Israyeli ukuba libe inda-
wo azobeka kuyo igama la-
khe.[e] Igama likamama kaRe-
hobowamu kwakunguNahama
umAmonikazi.[f] **22** UJuda we-
nza okubi emehlweni kaJeho-
va,[g] futhi ngezono abazenza
bamcasula ngaphezu kwalokho
okwakwenziwe okhokho babo.[h]
**23** Nabo bazakhela izindawo
eziphakeme, izinsika ezingcwe-
le nezigxobo ezingcwele*[i] phe-
zu kwawo wonke amagquma
aphakeme[j] nangaphansi kwazo
zonke izihlahla ezikhephuze-
layo.[k] **24** Kwakukhona ngisho
nezifebe zesilisa zasethempeli-
ni ezweni.[l] Benza zonke izi-
nto ezinengekayo zezizwe uJe-
hova ayezixoshile phambi kwa-
ma-Israyeli.
**25** Ngonyaka wesihlanu we-
Nkosi uRehobowamu, uShisha-
ki[a] inkosi yaseGibhithe wakhu-
phuka wahlasela iJerusalema.[b]
**26** Wathatha ingcebo yendlu
kaJehova nengcebo yendlu*
yenkosi.[c] Wathatha yonke into
kanye nawo wonke amahawu
egolide uSolomoni ayewenzi-
le.[d] **27** Ngakho iNkosi uReho-
bowamu yenza amahawu ethu-
si esikhundleni sawo, yawapha-
thisa izinduna zonogada,* aba-
begada emnyango wendlu ye-
nkosi. **28** Kwakuthi njalo la-
pho inkosi iza endlini kaJeho-
va, onogada bawaphathe, ka-
muva bawabuyisele egunjini lo-
nogada.
**29** Wonke omunye umlando
kaRehobowamu, konke akwe-
nza, ulotshiwe encwadini yo-
mlando wamakhosi akwaJuda.[e]
**30** Kwakuhlale kunempi pha-
kathi kukaRehobowamu noJe-
robowamu.[f] **31** Ngemva kwa-
lokho uRehobowamu washona
wangcwatshwa nokhokho ba-
khe eDolobheni LikaDavide.[g]
Igama likanina kwakunguNaha-
ma umAmonikazi.[h] U-Abhiya-
mu* indodana yakhe[i] waba yi-
nkosi esikhundleni sakhe.

**15** Ngonyaka ka-18 weNkosi
uJerobowamu[j] indodana
kaNebhati, u-Abhiyamu waba
yinkosi kwaJuda.[k] **2** Wabusa
iminyaka emithathu eJerusale-
ma. Igama likanina kwakungu-
Mahakha[l] umzukulu ka-Abhi-
shalomu. **3** Wenza izono ezi-
fanayo nalezo uyise ayezenzile
ngaphambi kwakhe, inhliziyo
yakhe yayingazinikele ngoku-
phelele* kuJehova uNkulunku-
lu wakhe njengenhliziyo kaDa-
vide ukhokho wakhe. **4** No-
kho, ngenxa kaDavide,[m] uJe-
hova uNkulunkulu wakhe wa-

---

**14:20** *NgesiHebheru, "Izinsuku." **14:23** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**14:26** *Noma, "yesigodlo." **14:27** *NgesiHebheru, "zabagijimi." **14:31** *Ubizwa nangokuthi u-Abhiya. **15:3** *Noma, "yayingaphelele."

---

ISAHL. 14
a 2Kr 12:15; 2Kr 13:3
b 2Kr 13:20
c 1Kh 15:25
d Hu 78:68; Hu 132:13
e Eks 20:24; Dut 12:5, 6; 1Kh 8:16, 17
f 1Kh 11:1; 2Kr 12:13
g 1Kh 11:7; 2Kr 12:1
h Isay 65:2
i Lev 26:1
j Isay 65:7
k Dut 12:2, 3; Isay 57:5; Jer 2:20; Hos 4:13
l Dut 23:17, 18; 1Kh 15:11, 12; 1Kh 22:46; 2Kh 23:7; Hos 4:14

Uhla 2
a 1Kh 11:40
b 2Kr 12:2-4
c 1Kh 7:51; 1Kh 15:18; 2Kh 18:14, 15; 2Kh 24:12, 13
d 1Kh 10:16, 17; 2Kr 12:9-11
e 1Kr 27:24; 2Kr 12:15
f 1Kh 15:6
g 1Kh 11:43
h 1Kh 11:1; 2Kr 12:13
i 1Kr 3:10; Mat 1:7

ISAHL. 15
j 1Kh 12:20
k 2Kr 13:1, 2
l 2Kr 11:20-22
m 2Sa 7:8, 12; Hu 89:33-37; Isay 37:35; Jer 33:20, 21

nika u-Abhiyamu isibani eJe-
rusalema[a] ngokuvusa indoda-
na yakhe ngemva kwakhe na-
ngokugcina iJerusalema likho-
na. **5** Ngoba uDavide wenza
okulungile emehlweni kaJeho-
va, akazange aphambuke ku-
kho konke ayemyale ngakho
zonke izinsuku zokuphila kwa-
khe, ngaphandle kwasendabe-
ni ka-Uriya umHeti.[b] **6** Kwa-
kunempi phakathi kukaReho-
bowamu noJerobowamu zonke
izinsuku zokuphila kwakhe.[c]

**7** Ngokuqondene nawo wo-
nke omunye umlando ka-Abhi-
yamu, konke akwenza, kulo-
tshiwe encwadini yomlando wa-
makhosi akwaJuda.[d] Kwaku-
nempi naphakathi kuka-Abhi-
yamu noJerobowamu.[e] **8** Nge-
mva kwalokho u-Abhiyamu wa-
shona, wangcwatshwa eDolo-
bheni LikaDavide; u-Asa indo-
dana yakhe[f] waba yinkosi esi-
khundleni sakhe.[g]

**9** Ngonyaka ka-20 wokubu-
sa kukaJerobowamu inkosi ya-
kwa-Israyeli, u-Asa waba yinko-
si kwaJuda. **10** Wabusa imi-
nyaka engu-41 eJerusalema.
Igama likagogo wakhe kwa-
kunguMahakha[h] umzukulu ka-
Abhishalomu. **11** U-Asa we-
nza okulungile emehlweni ka-
Jehova,[i] njengoDavide ukho-
kho wakhe. **12** Waxosha izi-
febe zesilisa zasethempelini
ezweni[j] wasusa nazo zonke izi-
thixo ezinyanyekayo* okhokho
bakhe ababezenzile.[k] **13** Wa-
susa ngisho nogogo wakhe
uMahakha[l] esikhundleni sakhe
sokuba yindlovukazi, ngoba
wayenze isithixo esinengeka-
yo ukuze sisetshenziswe eku-
khonzeni isigxobo esingcwe-
le.* U-Asa wasigawula isithi-
xo sakhe esinengekayo[a] wasi-
shisa eSigodini SaseKidroni.[b]
**14** Kodwa izindawo eziphake-
me azizange zisuswe.[c] Noma
kunjalo, inhliziyo ka-Asa yayizi-
nikele ngokuphelele* kuJehova
kukho konke ukuphila kwakhe.
**15** Wangenisa endlini kaJeho-
va izinto yena noyise ababeze-
nze zaba ngcwele—isiliva, igoli-
de nezinto ezihlukahlukene.[d]

**16** Kwakuhlale kunempi pha-
kathi kuka-Asa noBhahasha[e]
inkosi yakwa-Israyeli. **17** Nga-
kho uBhahasha inkosi yakwa-
Israyeli wakhuphuka wahlasela
uJuda waqala nokwakha* iRa-
ma,[f] ukuze angavumeli muntu
ukuba aphume noma ange-
ne ku-Asa# inkosi yakwaJu-
da.[g] **18** U-Asa wabe esetha-
tha lonke isiliva negolide ela-
lisele endlini yengcebo kaJeho-
va nasendlini* yengcebo yenko-
si walinika izinceku zakhe. Nge-
mva kwalokho iNkosi u-Asa ya-
zithuma kuBheni-hadadi indo-
dana kaThabhirimoni indoda-
na kaHeziyoni, inkosi yaseSiri-
ya,[h] owayehlala eDamaseku,
yathi: **19** "Kukhona isivume-
lwano phakathi kwami nawe
naphakathi kukababa noyihlo.
Ngikuthumelela isipho sesili-
va negolide. Woza uzophula
isivumelwano sakho noBhaha-
sha inkosi yakwa-Israyeli, ukuze
angiyeke." **20** UBheni-hadadi
wayilalela iNkosi u-Asa, wathu-
mela izinduna zamabutho akhe
ukuba ziyolwa namadolobha
akwa-Israyeli, zanqoba i-Ijoni,[i]
uDani,[j] i-Abela-bheti-mahakha,

**ISAHL. 15**
*a* 1Kh 11:36; 2Kr 21:7; Hu 132:13, 17
*b* 2Sa 11:4, 15; Hu 51:0
*c* 1Kh 14:30; 2Kr 12:15
*d* 2Kr 13:22
*e* 2Kr 13:3
*f* 1Kr 3:10; Mat 1:7
*g* 2Kr 14:1
*h* 2Kr 11:21, 22
*i* 2Kr 14:2-5; 2Kr 14:11; 2Kr 15:17
*j* Dut 23:17, 18; 1Kh 14:24; 1Kh 22:45, 46
*k* 1Kh 11:7; 1Kh 14:22, 23
*l* 2Kr 11:18, 20

**Uhla 2**
*a* Dut 7:5; 2Kh 18:1, 4; 2Kr 34:1, 4
*b* 2Sa 15:23; 2Kr 15:16-18; Joh 18:1
*c* Num 33:52; Dut 12:2; 1Kh 22:41, 43
*d* 1Kr 26:26, 27
*e* 1Kh 16:3, 12
*f* Jos 18:21, 25
*g* 2Kr 16:1-6
*h* 2Kr 16:7
*i* 2Kh 15:29
*j* Hlu 18:29; 1Kh 12:28, 29

**15:12** *Lena yinkulumo yesiHebheru okungenzeka ihlobene negama elisho "ubulongwe," isetshenziswa njengenkulumo yokwedelela.

**15:13** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **15:14** *Noma, "yayiphelele." **15:17** *Noma, "nokuqinisa; nokwakha kabusha." #Noma, "aphume noma angene endaweni ka-Asa." **15:18** *Noma, "nasesigodlweni."

lonke iKhinereti nalo lonke izwe
lakwaNafetali. **21** Lapho uBha-
hasha ezwa ngakho, waye-
ka ngokushesha ukwakha* iRa-
ma waqhubeka ehlala eTiriza.[a]
**22** INkosi u-Asa yabe isibiza
wonke uJuda—akekho noyedwa
owasala—bathatha amatshe ne-
zingodo ezaziseRama uBhaha-
sha ayekade akha ngakho, iNko-
si u-Asa yakha* ngakho iGeba[b]
kwaBhenjamini neMispa.[c]
**23** Ngokuqondene nawo wo-
nke omunye umlando ka-Asa,
wonke amandla akhe nakho
konke akwenza namadolobha
awakha,* kulotshiwe encwadi-
ni yomlando wamakhosi akwa-
Juda. Kodwa lapho esegugile
waphathwa yisifo sezinyawo.[d]
**24** Ekugcineni u-Asa washo-
na* wangcwatshwa kanye nabo
eDolobheni LikaDavide ukho-
kho wakhe; uJehoshafati[e] indo-
dana yakhe waba yinkosi esi-
khundleni sakhe.
**25** UNadabi[f] indodana kaJe-
robowamu waba yinkosi phe-
zu kuka-Israyeli ngonyaka we-
sibili wokubusa kuka-Asa inko-
si yakwaJuda, wabusa phezu
kuka-Israyeli iminyaka emibili.
**26** Wayelokhu enza okubi eme-
hlweni kaJehova, wahamba
endleleni kayise[g] nasesonwe-
ni sakhe onisa ngaso u-Isra-
yeli.[h] **27** UBhahasha indoda-
na ka-Ahiya wendlu ka-Isaka-
re wamakhela uzungu, uBha-
hasha wambulala eGibhethoni,
okwakungelamaFilisti, ngesi-
khathi uNadabi no-Israyeli wo-
nke bevimbezele iGibhethoni.[i]
**28** Ngakho uBhahasha wambu-
lala ngonyaka wesithathu wo-
kubusa kuka-Asa inkosi ya-
kwaJuda, waba yinkosi esikhu-
ndleni sakhe. **29** Ngokushe-
sha nje lapho eba yinkosi, wa-
yibulala yonke indlu kaJero-
bowamu. Akavumelanga ukuba
kusale ngisho noyedwa ophe-
fumulayo ongokaJerobowamu;
wababhuqa bonke ngokuvume-
lana nezwi uJehova ayelikhu-
lume ngenceku yakhe u-Ahiya
waseShilo.[a] **30** Lokhu kwaku-
ngenxa yezono uJerobowamu
azenza nabangela u-Israyeli
ukuba azenze nangenxa yoku-
thi wayecasule uJehova uNku-
lunkulu ka-Israyeli. **31** Ngo-
kuqondene nawo wonke omu-
nye umlando kaNadabi, konke
akwenza, kulotshiwe encwadi-
ni yomlando wamakhosi akwa-
Israyeli. **32** Kwakuhlale kune-
mpi phakathi kuka-Asa no-
Bhahasha inkosi yakwa-Isra-
yeli.[b]
**33** Ngonyaka wesithathu
wokubusa kuka-Asa inkosi ya-
kwaJuda, uBhahasha indodana
ka-Ahiya waba yinkosi eTiriza
phezu kwawo wonke u-Israye-
li, wabusa iminyaka engu-24.[c]
**34** Kodwa wenza okubi eme-
hlweni kaJehova,[d] wahamba
endleleni kaJerobowamu nase-
sonweni sakhe onisa ngaso
u-Israyeli.[e]

**16** Izwi likaJehova lokwa-
hlulela uBhahasha lafika
kuJehu[f] indodana kaHanana,[g]
lathi: **2** "Ngakuvusa othulini
ngakwenza umholi phezu
kwabantu bami u-Israyeli,[h] ko-
dwa wena wahamba ngendle-
la kaJerobowamu wabange-
la abantu bami u-Israyeli uku-
ba bone, bangicasula ngezo-
no zabo.[i] **3** Ngakho ngizom-
bhuqa uBhahasha nendlu ya-
khe, ngizokwenza indlu yakhe
ibe njengendlu kaJerobowamu[j]
indodana kaNebhati. **4** Noma
ubani ongokaBhahasha ofela

**ISAHL. 15**
*a* 1Kh 14:17
Hla 6:4
*b* Jos 21:8, 17
*c* Jos 18:21, 26
Hlu 20:1
1Sa 7:5
Jer 40:6
*d* 2Kr 16:11-14
*e* 1Kh 22:42
2Kr 17:3, 4
2Kr 18:1
2Kr 19:4
Mat 1:8
*f* 1Kh 14:20
*g* 1Kh 14:7, 9
*h* 1Kh 12:28-30
1Kh 13:33
*i* Jos 19:44, 48
Jos 21:20, 23
1Kh 16:15

**Uhla 2**
*a* 1Kh 14:9, 10
*b* 2Kr 12:15
*c* 1Kh 16:8
*d* 1Kh 16:7
*e* 1Kh 12:28-30
1Kh 13:33

**ISAHL. 16**
*f* 2Kr 19:2
2Kr 20:34
*g* 2Kr 16:7
*h* 1Sa 2:8
*i* 1Kh 13:33
*j* 1Kh 14:10, 11
1Kh 15:29

**15:21** *Noma, "ukuqinisa; ukwakha kabusha." **15:22** *Noma, "yaqinisa; yakha kabusha." **15:23** *Noma, "awaqinisa; awakha kabusha." **15:24** *Noma, "walala nokhokho bakhe." Inkulumo esankondlo esho ukufa.

edolobheni uyodliwa yizinja; noma ubani ongowakhe ofela endle uyodliwa yizinyoni zezulu."

5 Ngokuqondene nawo wonke omunye umlando kaBhahasha, lokho akwenza namandla akhe, kulotshiwe encwadini yomlando wamakhosi akwa-Israyeli.
6 Ekugcineni uBhahasha walala nokhokho bakhe wangcwatshwa eTiriza;[a] u-Elahi indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.
7 Ngomprofethi uJehu indodana ka-Hanana, izwi likaJehova lafika ngokumelene noBhahasha nendlu yakhe, ngenxa yabo bonke ububi abenza emehlweni kaJehova ngokumcasula ngomsebenzi wezandla zakhe, enza njengendlu kaJerobowamu, nangenxa yokuthi wabulala uNadabi.[b]

8 Ngonyaka ka-26 wokubusa kuka-Asa inkosi yakwaJuda, u-Elahi indodana kaBhahasha waba yinkosi phezu kuka-Israyeli eTiriza, wabusa iminyaka emibili.
9 Inceku yakhe uZimri induna yengxenye yebutho labahamba ngezinqola, yamakhela uzungu ngesikhathi eseTiriza ephuze waze wadakwa endlini ka-Ariza, owayengamele indlu yakhe eTiriza.
10 UZimri wangena wamshaya[c] wambulala ngonyaka ka-27 ka-Asa inkosi yakwaJuda, waba yinkosi esikhundleni sakhe.
11 Lapho eba yinkosi, ngokushesha nje lapho ehlala esihlalweni sakhe sobukhosi, wabulala yonke indlu kaBhahasha. Akazange ashiye noyedwa kwabesilisa,* akashiyanga zihlobo* noma abangani bakhe.
12 Ngakho uZimri wayibhuqa yonke indlu kaBhahasha, ngokwezwi likaJehova ayelikhulumile ngokumelene noBhahasha ngoJehu umprofethi.[a]
13 Lokhu kwakungenxa yazo zonke izono uBhahasha nendodana yakhe u-Elahi abazenza nezono ababangela u-Israyeli ukuba azenze ngokucasula uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli ngezithixo zabo eziyize.[b]
14 Ngokuqondene nawo wonke omunye umlando ka-Elahi, konke akwenza, kulotshiwe encwadini yomlando wamakhosi akwa-Israyeli.

15 Ngonyaka ka-27 ka-Asa inkosi yakwaJuda, uZimri waba yinkosi izinsuku eziyisikhombisa eTiriza ngesikhathi amabutho ekanise ngokumelene neGibhethoni,[c] elalingelamaFilisti.
16 Ngemva kwesikhathi, amabutho ayekanisile ezwa kuthiwa uZimri wakhe uzungu wabulala inkosi. Ngakho wonke u-Israyeli wabeka u-Omri,[d] induna yebutho, ukuba abe yinkosi phezu kuka-Israyeli ngalolo suku ekamu.
17 U-Omri ekanye nawo wonke u-Israyeli bakhuphuka besuka eGibhethoni bavimbezela iTiriza.
18 Lapho uZimri ebona ukuthi idolobha linqotshiwe, wangena embhoshongweni oqinile wendlu* yenkosi wathungela indlu ngomlilo engaphakathi kuyo, wafa.[e]
19 Lokhu kwakungenxa yezono zakhe ayezenzile ngokwenza okubi emehlweni kaJehova ngokuhamba endleleni kaJerobowamu nangesono ayebangele u-Israyeli ukuba asenze.[f]
20 Ngokuqondene nawo wonke omunye umlando kaZimri nozungu

ISAHL. 16
a 1Kh 15:21, 33
b 1Kh 15:25-29
c 2Kh 9:31

Uhla 2
a 1Kh 16:1-3
b Dut 32:21; 1Sa 12:21; 2Kh 17:15; Isay 41:29
c Jos 19:44, 48; Jos 21:20, 23; 1Kh 15:27
d 2Kh 8:26; Mik 6:16
e Hlu 9:53, 54; 1Sa 31:4; 2Sa 17:23
f 1Kh 12:28-30; 1Kh 14:7, 9

16:11 *NgesiHebheru, "noyedwa ochamela udonga." Inkulumo yesiHebheru yokwedelela ebhekisela kwabesilisa.

16:11 *Noma, "baphindiseleli begazi."
16:18 *Noma, "wesigodlo."

alwakha, kulotshiwe encwadi-
ni yomlando wamakhosi akwa-
Israyeli.
**21** Kungaleso sikhathi lapho
abantu bakwa-Israyeli bahluka-
na khona baba amaqembu ama-
bili. Elinye iqembu lalande-
la uThibini indodana kaGina-
ti, lifuna ukumenza inkosi,
kanti elinye lalandela u-Omri.
**22** Kodwa abantu ababelande-
la u-Omri babanqoba abantu
ababelandela uThibini indoda-
na kaGinati. Ngakho uThibini
wafa, u-Omri waba yinkosi.
**23** Ngonyaka ka-31 ka-Asa
inkosi yakwaJuda, u-Omri
waba yinkosi phezu kuka-Isra-
yeli, wabusa iminyaka engu-12.
ETiriza wabusa iminyaka eyisi-
thupha. **24** Wathenga intaba
yaseSamariya kuShemeri nga-
mathalenta* amabili esiliva,
wakha idolobha kuleyo nta-
ba. Waqamba lelo dolobha aye-
lakhile ngegama likaShemeri
umnikazi# waleyo ntaba, wathi
iSamariya.△[a] **25** U-Omri wa-
yelokhu enza okubi emehlwe-
ni kaJehova, wenza okubi ka-
khulu kunabo bonke ababe-
ngaphambi kwakhe.[b] **26** Wa-
hamba ngazo zonke izindlela
zikaJerobowamu indodana ka-
Nebhati nasesonweni sakhe
onisa ngaso u-Israyeli ngo-
kucasula uJehova uNkulunku-
lu ka-Israyeli ngezithixo za-
khe eziyize.[c] **27** Ngokuqonde-
ne nawo wonke omunye umla-
ndo ka-Omri, lokho akwenza
namandla akhe, kulotshiwe
encwadini yomlando wamakho-
si akwa-Israyeli. **28** Ekugcine-
ni u-Omri walala nokhokho ba-
khe wangcwatshwa eSamariya;
u-Ahabi indodana yakhe[a] waba
yinkosi esikhundleni sakhe.
**29** U-Ahabi indodana ka-
Omri waba yinkosi phezu
kuka-Israyeli ngonyaka ka-
38 ka-Asa inkosi yakwaJu-
da, u-Ahabi indodana ka-Omri
wabusa phezu kuka-Israyeli
eSamariya[b] iminyaka engu-22.
**30** U-Ahabi indodana ka-Omri
wenza okubi kakhulu eme-
hlweni kaJehova kunabo bo-
nke ababengaphambi kwakhe.[c]
**31** Njengokungathi kwakuyi-
nto encane ukuba ahambe ezo-
nweni zikaJerobowamu[d] indo-
dana kaNebhati, wabuye wa-
thatha uJezebeli[e] indodakazi
ka-Etibhali inkosi yamaSido-
ni[f] ukuba abe ngumkakhe, wa-
qala ukukhonza uBhali[g] no-
kumkhothamela. **32** Ngaphe-
zu kwalokho, wamisela uBha-
li i-altare endlini* kaBhali[h]
ayakha eSamariya. **33** U-Aha-
bi wenza nesigxobo esingcwe-
le.*[i] U-Ahabi wenza okuningi
ukuze acasule uJehova uNku-
lunkulu ka-Israyeli ukwedlula
wonke amakhosi akwa-Israyeli
ayengaphambi kwakhe.
**34** Ezinsukwini zakhe, uHi-
yeli waseBhethele wakha ka-
busha iJeriko. Wabeka isiseke-
lo salo wafelwa u-Abhiramu izi-
bulo lakhe, wafaka iminyango
yalo wafelwa uSegubi uthunja-
na wakhe, ngokwezwi uJeho-
va alikhuluma esebenzisa uJo-
shuwa indodana kaNuni.[j]

**17** Manje u-Eliya*[k] waseThi-
shibi eGileyadi[l] wathi ku-
Ahabi: "Ngifunga uJehova
uNkulunkulu ka-Israyeli engim-
khonzayo,# ngeke abe khona
amazolo noma imvula kule mi-

ISAHL. 16
a 1Kh 20:1; 2Kh 17:24; Amo 6:1; IzE 8:5
b Mik 6:16
c 1Kh 12:28-30; 1Kh 13:33

Uhla 2
a 1Kh 16:33; 1Kh 21:4; 1Kh 21:20-22; 2Kh 10:1
b 1Kh 16:23, 24; Isay 7:9
c 1Kh 16:25; 1Kh 21:25; 2Kh 3:1, 2
d 1Kh 12:28-30
e 1Kh 18:4, 19; 1Kh 21:7; 2Kh 9:30; IsA 2:20
f Gen 10:15
g Hlu 2:11; Hlu 10:6; 2Kh 10:19; 2Kh 17:16
h 2Kh 10:21, 27
i Eks 34:13; 2Kh 10:26, 28; 2Kh 13:6
j Jos 6:26

ISAHL. 17
k 1Kh 17:15, 16; 1Kh 17:22, 24; 1Kh 18:36, 38; 1Kh 18:46; 2Kh 2:8, 11; Luk 1:17; Joh 1:19, 21
l Jos 22:9

**16:24** *Ithalenta lalilingana no-34,2 kg. Bheka iSithasiselo B14. #NgesiHebheru, "inkosi." △Incazelo: "Elesizwe SikaShemeri."

**16:32** *Noma, "ethempelini." **16:33** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **17:1** *Incazelo: "UNkulunkulu Wami NguJehova." #NgesiHebheru, "engimi phambi kwakhe."

nyaka, ngaphandle kokuba ku-
phume izwi emlonyeni wami!"[a]
**2** Izwi likaJehova lafika
kuye, lathi: **3** "Suka lapha,
uye empumalanga ufike ucashe
eSigodini SaseKheriti,* empu-
malanga yeJordani. **4** Kufa-
nele uphuze emfuleni, ngizo-
yala amagwababa ukuba aku-
nike ukudla lapho."[b] **5** Nga-
so leso sikhathi wahamba we-
nza ngokwezwi likaJehova;
wahamba wahlala ngaseSigo-
dini SaseKheriti,* empumala-
nga yeJordani. **6** Amagwaba-
ba ayemlethela isinkwa ne-
nyama ekuseni nesinkwa ne-
nyama kusihlwa, amanzi waye-
waphuza emfuleni.[c] **7** Kodwa
ngemva kwezinsuku ezithile,
umfula woma[d] ngoba kwaku-
ngekho mvula ezweni.
**8** Izwi likaJehova lafika
kuye, lathi: **9** "Suka uye eZa-
refati, eSidoni, uhlale kho-
na. Ngizoyala umfelokazi la-
pho ukuba akunike ukudla."[e]
**10** Ngakho wasuka waya eZa-
refati. Lapho efika esangwe-
ni ledolobha, wathola umfe-
lokazi etheza izinkuni. Ngakho
wathi kuye: "Ngicela ungiphe
amanzi okuphuza."[f] **11** Lapho
ehamba ethi uyowalanda, wa-
thi kuye: "Ngicela ungiphathele
nocezu lwesinkwa." **12** Owe-
sifazane waphendula wathi:
"Ngifunga uJehova uNkulu-
nkulu wakho, anginaso isi-
nkwa, nginenkeshezana kafu-
lawa kuphela embizeni enkulu
namafutha amancane embize-
ni encane.[g] Manje ngitheza
izinkuni ezimbalwa, ngizonge-
na ngizenzele okuthile mina
nendodana yami. Lokhu kuzo-
ba ukudla kwethu kokugcina,
ngemva kwalokho sizofa."

17:3 *Noma, "eMhosheni WaseKheriti."
17:5 *Noma, "ngaseMhosheni WaseKhe-
riti."

**13** U-Eliya wathi kuye:
"Ungesabi. Ngena, wenze nje-
ngoba ushilo. Kodwa qala ngo-
kwenzela mina isinkwa esiyi-
ndilinga ngalokho onakho usi-
lethe kimi. Ngemva kwalokho
ungazenzela okuthile wena ne-
ndodana yakho. **14** Ngoba yi-
lokhu uJehova uNkulunkulu
ka-Israyeli akushoyo: 'Imbiza
enkulu kafulawa ngeke iphe-
le, nembiza encane yamafutha
ngeke iphele kuze kube
usuku uJehova ayonisa nga-
lo imvula phezu komhlaba.'"[a]
**15** Ngakho wahamba wenza
ngokwezwi lika-Eliya, waqhu-
beka edla, yena nendodana ya-
khe no-Eliya, izinsuku ezini-
ngi.[b] **16** Imbiza enkulu kafu-
lawa ayizange iphele nembi-
za encane yamafutha ayizange
iphele, ngokwezwi likaJehova
ayelikhulume ngo-Eliya.
**17** Ngemva kwalezi zinto
indodana yalona wesifaza-
ne owayengumnininindlu, yagula
kakhulu yaze yafa.[c] **18** Owe-
sifazane wathi ku-Eliya: "Nge-
nzeni kuwe,* muntu kaNkulu-
nkulu weqiniso? Ingabe uzele
ukuzongikhumbuza izono zami
nokuzobulala indodana yami?"[d]
**19** Kodwa wathi kuye: "Yilethe
lapha indodana yakho." Nga-
kho wayithatha ezandleni za-
khe wenyukela nayo egumbi-
ni elisophahleni, lapho ayehla-
la khona, wayibeka phezu kom-
bhede wakhe.[e] **20** Wakhule-
ka kuJehova wathi: "O Je-
hova Nkulunkulu wami,[f] inga-
be uletha usizi nakulo mfe-
lokazi engihlala kwakhe ngo-
kuvumela ukuba indodana ya-
khe ife?" **21** Ngemva kwalo-
kho wazelulela phezu kom-
ntwana kathathu wabiza

17:18 *Noma, "Yini engihlanganisa
nawe, . . . ?"

ISAHL. 17
a Dut 28:15, 23
Jer 14:22
Luk 4:25
Jak 5:17
b Hu 37:25
Mat 6:11
c Num 11:23
Hlu 15:19
d 1Kh 18:5
e Luk 4:25, 26
f Heb 11:32, 37
g 2Kh 4:2

Uhla 2
a Hu 34:10
Hu 37:17, 19
Flp 4:19
b Mat 10:41, 42
Luk 4:25, 26
c 2Kh 4:19, 20
d Job 13:26
e 2Kh 4:21, 32
f Hu 99:6

uJehova wathi: “O Jehova
Nkulunkulu wami, ngiyacela,
yenza ukuba lo mntwana aphi-
nde aphile.” **22** UJehova wa-
wulalela umkhuleko ka-Eliya,[a]
umntwana wavuka ekufeni.[b]
**23** U-Eliya wathatha umntwa-
na wehla naye esuka egumbini
elisophahleni wamyisa endlini
wafike wamnika unina; u-Eliya
wathi: “Bheka, indodana yakho
iyaphila.”[c] **24** Lona wesifaza-
ne wathi ku-Eliya: “Manje se-
ngiyazi ukuthi ngempela ungu-
muntu kaNkulunkulu[d] nokuthi
izwi likaJehova olikhulumile li-
yiqiniso.”

**18** Ngemva kwesikhathi esi-
thile, ngonyaka wesitha-
thu wesomiso,[e] izwi likaJe-
hova lafika ku-Eliya, lathi:
“Hamba uye ku-Ahabi, ngizo-
nisa imvula phezu komhla-
ba.”[f] **2** Ngakho u-Eliya waha-
mba waya ku-Ahabi, ngesikha-
thi indlala ibhokile[g] eSama-
riya.

**3** Phakathi naleso sikha-
thi, u-Ahabi wabiza u-Obadi-
ya, owayengamele indlu yenko-
si. (U-Obadiya wayemesaba ka-
khulu uJehova, **4** lapho uJe-
zebeli[h] ebulala* abaprofethi ba-
kaJehova, u-Obadiya watha-
tha abaprofethi abangu-100 wa-
bafihla emgedeni ngamashumi
amahlanu, wabanika isinkwa
namanzi.) **5** U-Ahabi wathi
ku-Obadiya: “Hamba unqamu-
le ezweni uye kuzo zonke izi-
phethu zamanzi nakuzo zo-
nke izigodi.* Mhlawumbe si-
ngase sithole utshani obane-
le ukuze amahhashi neminyu-
zi kungafi, zingafi zonke izilwa-
ne zethu.” **6** Ngakho bahluka-
niselana izwe ababezolihamba.
U-Ahabi wahamba yedwa nge-
nye indlela no-Obadiya waha-
mba yedwa ngenye indlela.

**7** Njengoba u-Obadiya aye-
sendleleni, kwaqhamuka u-Eli-
ya ezomhlangabeza. Wavele
wabona ukuthi nguye wabe
esekhothama wathi: “Ingabe
nguwe ngempela lona, nkosi
yami Eliya?”[a] **8** Wamphendu-
la wathi: “Yimi. Hamba uthi
enkosini yakho: ‘Nangu u-Eli-
ya.’” **9** Kodwa wathi: “Ngone-
ni ukuba ungaze unikele ince-
ku yakho ku-Ahabi ukuba angi-
bulale? **10** Ngifunga uJeho-
va uNkulunkulu wakho, aku-
kho sizwe nambuso inkosi
yami engazange ithumele uku-
ba uyofunwa khona. Ngemva
kokuba bethe, ‘Akekho lapha,’
yayifungisa lowo mbuso na-
leso sizwe ukuthi asikutholi.[b]
**11** Manje uthi, ‘Hamba uyo-
tshela inkosi yakho ukuthi na-
ngu u-Eliya.’ **12** Lapho ngisu-
ka kuwe, umoya kaJehova uzo-
kuthatha[c] ukuyise lapho ngi-
ngazi khona, lapho ngitshela
u-Ahabi bese engakutholi, na-
kanjani uzongibulala. Nokho,
inceku yakho ibilokhu imesa-
ba uJehova kusukela ebusheni
bayo. **13** Ayizange yini inkosi
yami u-Eliya itshelwe ngalokho
engakwenza lapho uJezebeli
ebulala abaprofethi bakaJeho-
va, indlela engabafihla ngayo
abaprofethi bakaJehova aba-
ngu-100 ngamaqembu abanga-
mashumi amahlanu emgedeni
ngamunye, ngilokhu ngibani-
ka isinkwa namanzi?[d] **14** Ko-
dwa manje uthi, ‘Hamba,
uthi enkosini yakho: “Nangu
u-Eliya.”’ Izongibulala nakanja-
ni.” **15** Nokho, u-Eliya wathi:
“Ngifunga uJehova wamabu-
tho engimkhonzayo,* namuhla
ngizoya kuye angibone.”

**ISAHL. 17**
*a* Jak 5:16
*b* Dut 32:39, 1Sa 2:6, 2Kh 4:32, 34, 2Kh 13:21, Luk 7:15, Luk 8:54, 55, Joh 5:28, 29, Joh 11:44, IzE 9:40, 41, IzE 20:9, 10, Rom 14:9, Heb 11:17, 19
*c* Heb 11:35
*d* Joh 3:2

**ISAHL. 18**
*e* Luk 4:25, Jak 5:17
*f* Hu 65:9, 10, Jer 14:22
*g* Lev 26:26, Dut 28:24
*h* 1Kh 16:31

**Uhla 2**
*a* 2Kh 1:8
*b* 1Kh 17:2, 3
*c* 2Kh 2:15, 16, Mat 4:1, IzE 8:39
*d* 1Kh 18:4

**18:4** *NgesiHebheru, “enquma.” **18:5** *Noma, “imihosha.”

**18:15** *NgesiHebheru, “engimi phambi kwakhe.”

**16** Ngakho u-Obadiya waha-
mba waya ku-Ahabi wafike
wamtshela, u-Ahabi wahamba
wayohlangana no-Eliya.
**17** Kwathi nje lapho u-Aha-
bi ebona u-Eliya, wathi kuye:
“Ingabe nguwe lona, wena ole-
thela u-Israyeli inkathazo?”*
**18** U-Eliya waphendula wa-
thi: “Angizange ngimlethele
u-Israyeli inkathazo, kodwa
nguwe nendlu kayihlo eniyile-
thile, ngokushiya imiyalo kaJe-
hova nangokulandela oBhali.[a]
**19** Manje biza wonke u-Israye-
li eze eNtabeni iKarmeli,[b] ubi-
ze nabaprofethi bakaBhali aba-
ngu-450 nabaprofethi besigxo-
bo esingcwele*[c] abangu-400,
abadla etafuleni likaJezebeli.”
**20** Ngakho u-Ahabi wathume-
la umyalezo kuwo wonke ama-
Israyeli waqoqela nabaprofethi
eNtabeni iKarmeli.
**21** U-Eliya wasondela kubo
bonke abantu wathi: “Kuyoze
kube nini nigxamalaze phaka-
thi kwemibono emibili?[d] Uma
uJehova enguNkulunkulu we-
qiniso, landelani yena;[e] ko-
dwa uma kunguBhali, landela-
ni yena!” Kodwa abantu abam-
phendulanga. **22** U-Eliya wa-
qhubeka wathi kubantu: “Yimi
kuphela umprofethi kaJehova
osele,[f] kuyilapho abaprofethi
bakaBhali bengamadoda angu-
450. **23** Masinikwe izinkunzi
ezimbili, bese bezikhethela
inkunzi eyodwa bayihlahlele
bayibeke phezu kwezinkuni,
kodwa bangayokheli. Mina ngi-
zolungisa enye inkunzi, ngiyi-
beke phezu kwezinkuni, ko-
dwa ngeke ngiyokhele. **24** Ku-
mele nibize igama likankulu-
nkulu wenu,[g] mina ngizobiza
igama likaJehova. UNkulunku-
lu ophendula ngomlilo uzobo-
nisa ukuthi nguye onguNkulu-
nkulu weqiniso.”[a] Bonke aba-
ntu baphendula bathi: “Yisu
elihle lelo.”
**25** U-Eliya wathi kubaprofe-
thi bakaBhali: “Makuqale nina
nikhethe inkunzi eyodwa niyi-
lungise ngoba nina nibani-
ngi, bese nibiza igama likanku-
lunkulu wenu, kodwa akume-
le niyokhele.” **26** Ngakho ba-
yithatha inkunzi abayinikwa,
bayilungisa, baqhubeka be-
biza igama likaBhali kusuke-
la ekuseni kwaze kwaba se-
mini, bethi: “O Bhali, siphe-
ndule!” Kodwa kwakungekho
zwi, kungekho muntu ophe-
ndulayo.[b] Babelokhu bexhu-
ga bezungeza i-altare ababele-
nzile. **27** Kwathi emini u-Eli-
ya waqala ukubenza inhleki-
sa wathi: “Memezani ngalo lo-
nke izwi lenu! Angithi ungu-
nkulunkulu![c] Mhlawumbe ujuli-
le ngemicabango noma usa-
yozikhulula.* Noma mhlawu-
mbe ulele kudingeka avuswe!”
**28** Babememeza ngalo lonke
izwi labo, bezisika ngemimese
nangemikhonto njengoba ba-
bevame ukwenza, baze bagxa-
za igazi. **29** Kwaze kwaba nta-
mbama belokhu benza njenga-
baprofethi kwaze kwaba yisi-
khathi sokunikelwa komnike-
lo wokudla okusanhlamvu wa-
kusihlwa, kodwa kwakungekho
zwi, kungenamuntu ophendula-
yo; akekho owayenakile.[d]
**30** U-Eliya wathi kubo bo-
nke abantu: “Sondelani kimi.”
Ngakho bonke abantu baso-
ndela kuye. Wabe eselungi-
sa i-altare likaJehova elalibhi-
dliziwe.[e] **31** Ngemva kwalo-
kho u-Eliya wathatha amatshe

**ISAHL. 18**

*a* Eks 20:4; 1Kh 9:9; 1Kh 16:30-33
*b* Jos 19:26, 31
*c* 1Kh 16:33
*d* Jer 2:11; Hos 10:2; Mat 12:30; 1Ko 10:21; 2Ko 6:14, 15
*e* Eks 20:5; Jos 24:15; 1Sa 7:3; Hu 100:3
*f* 1Kh 19:9, 10
*g* Hlu 6:31

**Uhla 2**

*a* Lev 9:23, 24; Dut 4:24; Hlu 6:21; 1Kr 21:26; 2Kr 7:1
*b* Isay 45:20; Jer 10:5; Dan 5:23; Hab 2:18, 19; 1Ko 8:4
*c* Isay 41:23
*d* Isay 44:19, 20
*e* 1Kh 19:14

**18:17** *Noma, “isigcwagcwa.” **18:19** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**18:27** *Noma kungaba, “usathathe uhambo.”

angu-12, ngokuvumelana nesi-
balo sezizwe zamadodana ka-
Jakobe okwakufike kuye
izwi likaJehova, lathi: "Uzo-
bizwa ngokuthi ungu-Israye-
li."[a] **32** Ngalawo matshe wa-
kha i-altare[b] lokudumisa igama
likaJehova. Ngemva kwalokho
wenza umsele ozungeza i-alta-
re. Isiyonke leyo ndawo yayi-
ngangendawo okungahlwanye-
lwa kuyo imbewu engamase-
ya* amabili. **33** Ngemva kwa-
lokho wahlela izinkuni, wahla-
hlela inkunzi wayibeka phezu
kwezinkuni.[c] Wathi: "Gcwalisa-
ni izimbiza ezinkulu ezine nga-
manzi, niwathele phezu komni-
kelo oshiswayo naphezu kwezi-
nkuni." **34** Wayesethi: "Phi-
ndani futhi." Ngakho baphinda
futhi. Waphinde wathi: "Kwe-
nzeni okwesithathu." Bakwe-
nza okwesithathu. **35** Ama-
nzi aya nxazonke ze-alta-
re, nomsele wawugcwalisa nga-
manzi.

**36** Ngesikhathi sokunikelwa
komnikelo wokudla okusanhla-
mvu wakusihlwa,[d] u-Eliya um-
profethi wasondela e-altare
wathi: "O Jehova, Nkulunkulu
ka-Abrahama,[e] ka-Isaka[f] noka-
Israyeli, namuhla makwaziwe
ukuthi wena unguNkulunkulu
kwa-Israyeli nokuthi mina ngi-
yinceku yakho futhi ngenze zo-
nke lezi zinto ngokuvumela-
na nomyalo wakho.[g] **37** Ngi-
phendule, Jehova! Ngiphendu-
le ukuze lesi sizwe sazi ukuthi
wena, Jehova, unguNkulunku-
lu weqiniso nokuthi ubuyisela
izinhliziyo zabo kuwe."[h]

**38** Kwabe sekwehla umlilo
kaJehova wadla umnikelo oshi-
swayo,[i] izinkuni, amatshe no-
thuli, wakhotha namanzi aye-
semseleni.[a] **39** Lapho bonke
abantu bebona lokho, ngaso
leso sikhathi bakhothama ba-
thi: "UJehova unguNkulunkulu
weqiniso! UJehova unguNkulu-
nkulu weqiniso!" **40** Ngemva
kwalokho u-Eliya wathi kubo:
"Bambani abaprofethi baka-
Bhali! Ningavumeli ngisho no-
yedwa kubo ukuba aphunyu-
ke!" Ngaso leso sikhathi ba-
babamba, u-Eliya wabehlisela
emfuleni* iKishoni[b] wababula-
lela khona.[c]

**41** U-Eliya wathi ku-Ahabi:
"Khuphuka, udle uphuze, ngo-
ba kukhona umsindo wemvula
enkulu."[d] **42** Ngakho u-Ahabi
wakhuphuka ukuze adle aphu-
ze, u-Eliya yena wakhuphuka
waya phezu kwentaba iKarme-
li wafike waqoshama phansi,
wafaka ubuso bakhe phaka-
thi kwamadolo.[e] **43** Wathi esi-
khonzini sakhe: "Ngicela ukhu-
phuke, ubheke ngasolwandle."
Ngakho sakhuphuka sabhe-
ka, sase sithi: "Akukho lutho."
Kwaze kwaba yizikhathi eziyisi-
khombisa elokhu ethi, "Phinde-
la emuva." **44** Ngesikhathi se-
sikhombisa isikhonzi sakhe sa-
thi: "Kukhona ifu elincane eli-
ngangesandla elikhuphuka li-
phuma olwandle." Wabe esethi:
"Hamba uthi ku-Ahabi, 'Bophe-
la inqola! Wehle ukuze imvula
ingakuvimbezeli!'" **45** Phaka-
thi naleso sikhathi, izulu lahlo-
ma laba mnyama, kwavunguza
umoya, lase liyidliva;[f] u-Ahabi
waqhubeka egibele elibangise
eJizreyeli.[g] **46** Kodwa isandla
sikaJehova saba phezu kuka-
Eliya, wakhwica* ingubo ya-
khe wagijima ngaphambi kuka-
Ahabi waze wayofika eJizre-
yeli.

**18:32** *Iseya lalilingana no-7,33 L. Bheka iSithasiselo B14.

**18:40** *Noma, "emhosheni." **18:46** *Noma, "wabhinca."

ISAHL. 18
a Gen 32:28, 30; Gen 35:10; Isay 48:1
b Eks 20:25; Dut 27:6
c Gen 22:9; Lev 1:7, 8
d Eks 29:41
e Gen 26:24
f Gen 28:13
g Num 16:28; Joh 11:42
h Jer 31:18; Hez 33:11
i Lev 9:23, 24; Hlu 6:21; 2Kr 7:1

Uhla 2
a 1Kh 18:23, 24
b Hlu 5:20, 21; Hu 83:9
c Dut 13:1-5; Dut 18:20
d 1Kh 17:1
e Jak 5:17, 18
f 1Sa 12:18; Job 38:37
g Jos 19:17, 18; 1Kh 21:1

**19** U-Ahabi[a] watshela uJe-
zebeli[b] ngakho konke
u-Eliya ayekwenzile nangendle-
la ayebulale ngayo bonke aba-
profethi ngenkemba.[c] **2** UJe-
zebeli wathumela isithunywa
ku-Eliya, wathi: "Kwanga-
thi onkulunkulu bangangijezi-
sa kanzima uma ngalesi sikha-
thi kusasa ngingakwenzi ube
njengabaprofethi obabulele!"
**3** Lapho ezwa lokho wesaba,
ngakho wasuka wabaleka esi-
ndisa ukuphila* kwakhe.[d] Wafi-
ka eBheri-sheba[e] kwaJuda,[f]
washiya isikhonzi sakhe lapho.
**4** Wathatha uhambo losuku
oluya ehlane wafike wahlala
ngaphansi kwesihlahla sonwe-
le, wayesecela ukuba afe. Wa-
thi: "Sekwanele manje, Jeho-
va! Ngibulale,[g] ngoba angingco-
no kunokhokho bami."

**5** Ngemva kwalokho wala-
la wazumeka ngaphansi kwesi-
hlahla sonwele. Kodwa kunga-
zelelwe ingelosi yamthinta[h] ya-
thi kuye: "Vuka, udle."[i] **6** La-
pho ebheka ngasekhanda lakhe
kwakukhona isinkwa esiyindili-
nga phezu kwamatshe ashisayo
nojeke wamanzi. Wadla waphu-
za, waphinde walala. **7** Ka-
muva ingelosi kaJehova yabu-
ya okwesibili yamthinta yathi:
"Vuka, udle, ngoba yinde le
ndlela ozoyihamba." **8** Nga-
kho wavuka wadla waphu-
za, waqhubeka ehamba nga-
mandla alokho kudla izinsuku
ezingu-40 nobusuku obungu-40
waze wafika entabeni kaNkulu-
nkulu weqiniso, iHorebe.[j]

**9** Wafika lapho wangena
emgedeni,[k] walala khona; izwi
likaJehova lafika kuye, lathi:
"Ubekwa yini lapha, Eliya?"
**10** Wathi: "Bengishisekela
uJehova uNkulunkulu wama-
butho;[a] ngoba ama-Israyeli asi-
shiyile isivumelwano sakho,[b]
adilize ama-altare akho, abula-
la nabaprofethi bakho ngenke-
mba,[c] sekusele mina kuphe-
la. Manje sebefuna ukungibu-
lala nami."[d] **11** Kodwa uNku-
lunkulu wathi: "Phuma, ume
phezu kwentaba phambi kuka-
Jehova." UJehova wayedlula,[e]
umoya omkhulu nonamandla
wawudabula izintaba uqheke-
za amadwala phambi kukaJe-
hova,[f] kodwa uJehova waye-
ngekho kulowo moya. Ngemva
komoya kwaba nokuzamaza-
ma komhlaba,[g] kodwa uJeho-
va wayengekho kulokho kuza-
mazama komhlaba. **12** Nge-
mva kokuzamazama komhlaba
kwaba nomlilo,[h] kodwa uJe-
hova wayengekho kulowo mli-
lo. Ngemva komlilo, kwaba
khona izwi eliphansi elizolile.[i]
**13** Kwathi nje lapho u-Eliya
elizwa, wamboza ubuso bakhe
ngesembatho sakhe esikhethe-
kile[j] waphuma wama emlonye-
ni womgede. Izwi lambuza la-
thi: "Ubekwa yini lapha, Eli-
ya?" **14** Wathi: "Bengishiseke-
la uJehova uNkulunkulu wa-
mabutho; ngoba ama-Israyeli
asishiyile isivumelwano sakho,[k]
adilize ama-altare akho, abula-
la nabaprofethi bakho ngenke-
mba, sekusele mina kuphela.
Manje sebefuna ukungibulala
nami."[l]

**15** UJehova wathi kuye:
"Buyela emuva, uye ehlane la-
seDamaseku. Uma ufika, ugco-
be uHazayeli[m] abe yinkosi
phezu kweSiriya. **16** Kufane-
le ugcobe uJehu[n] umzuku-
lu kaNimishi abe yinkosi phe-
zu kuka-Israyeli, ugcobe no-Eli-
sha* indodana kaShafati

**ISAHL. 19**
*a* 1Kh 16:29; 1Kh 21:25
*b* 1Kh 16:31
*c* 1Kh 18:40
*d* Eks 2:15; 1Sa 27:1
*e* Gen 21:31
*f* Jos 15:21, 28
*g* Num 11:15; Job 3:21; Jon 4:3
*h* Dan 10:8-10; IzE 12:7
*i* Hu 34:7; Heb 1:7, 14
*j* Eks 3:1; Eks 19:18; Mal 4:4
*k* Heb 11:32, 38

**Uhla 2**
*a* Eks 20:4, 5; Num 25:11; Hu 69:9
*b* Dut 29:24, 25; Hlu 2:20; 1Kh 8:9; 2Kh 17:15
*c* 1Kh 18:4
*d* 1Kh 19:2; Rom 11:2, 3
*e* Eks 33:22
*f* Hu 50:3; Isay 29:6
*g* 1Sa 14:15; Job 9:6; Hu 68:8; Nah 1:5
*h* Dut 4:11
*i* Eks 34:5, 6
*j* Eks 3:6
*k* Dut 31:20; Hu 78:37; Isay 1:4; Jer 22:9
*l* Rom 11:2, 3
*m* 2Kh 8:7, 8; Amo 1:4
*n* 2Kh 9:1-3; 2Kh 9:30-33

**19:3** *Noma, "umphefumulo."

**19:16** *Incazelo: "UNkulunkulu Uyinsindiso."

wase-Abela-mehola abe um-
profethi esikhundleni sa-
kho.[a] **17** Kuyothi ophunyuka
enkembeni kaHazayeli,[b] uJehu
ambulale;[c] nophunyuka enke-
mbeni kaJehu, u-Elisha ambu-
lale.[d] **18** Ngaphezu kwalokho
ngisenabantu abangu-7 000
abasele kwa-Israyeli,[e] abanga-
zange baguqe kuBhali,[f] naba-
ngazange bamqabule."[g]

**19** Ngakho wasuka lapho
wahamba wathola u-Elisha
indodana kaShafati elima, ku-
nezipani ezingu-12 zezinkabi*
phambi kwakhe, yena elima
ngesipani sika-12. Ngakho u-Eli-
ya waya kuye wamphonse-
la isembatho sakhe esikhe-
thekile.[h] **20** Khona-ke washi-
ya izinkabi* wagijima walande-
la u-Eliya wathi: "Ngicela ungi-
vumele ngiyovalelisa# kuba-
ba nomama. Ngemva kwalo-
kho ngizokulandela." Wamphe-
ndula wathi: "Hamba, buyela
emuva angikuvimbi." **21** Nga-
kho wabuyela emuva wathatha
isipani sezinkunzi wenza um-
hlatshelo, wabasa umlilo nga-
majoka wapheka inyama waye-
seyinika abantu, badla. Nge-
mva kwalokho wasuka wala-
ndela u-Eliya waba yisikhonzi
sakhe.[i]

**20** UBheni-hadadi inkosi[j] ya-
seSiriya[k] waqoqela nda-
wonye lonke ibutho lakhe le-
mpi kanye namakhosi angu-
32 namahhashi nezinqola zawo;
wakhuphuka wavimbezela[l] iSa-
mariya[m] walwa nalo. **2** Wa-
thumela izithunywa ku-Ahabi[n]
inkosi yakwa-Israyeli edolobhe-
ni, wathi kuye: "Yilokhu uBhe-
ni-hadadi akushoyo, **3** 'Isiliva
lakho negolide lakho lingelami,
nabafazi bakho namadodana
akho, ababukeka kahle kunabo
bonke, bangabami.'" **4** Inkosi
yakwa-Israyeli yaphendula ya-
thi: "Kunjengoba usho nkosi
yami, ngingowakho nakho ko-
nke okungokwami."[a]

**5** Izithunywa zaphinde za-
buya zathi: "Yilokhu uBheni-
hadadi akushoyo, 'Ngithumele
lo myalezo kuwe, ngathi: "Uzo-
nginika isiliva lakho, igoli-
de lakho, abafazi bakho nama-
dodana akho." **6** Kodwa kusa-
sa ngizothumela izinceku zami
kuwe cishe ngazo lezi zikha-
thi, zizofuna ngokucophelela
endlini yakho nasezindlini ze-
zinceku zakho, zithathe zonke
izinto zakho eziyigugu zihambe
nazo.'"

**7** Inkosi yakwa-Israyeli yabi-
za wonke amadoda amadala
ezwe yathi: "Ngicela niqaphele,
nibone ukuthi lo muntu uhlo-
se ukuletha inhlekelele, ngo-
ba ufune abafazi bami, ama-
dodana ami, isiliva lami nego-
lide lami, futhi angizange nge-
nqabe nako." **8** Wonke ama-
doda amadala nabo bonke aba-
ntu bathi kuyo: "Ungamlale-
li, ungavumi." **9** Ngakho wa-
thi ezithunyweni zikaBheni-
hadadi: "Hambani nithi enko-
sini yami, 'Konke lokho oku-
fune encekwini yakho eku-
qaleni ngizokwenza, kodwa
lokhu ngeke ngikwazi uku-
kwenza.'" Lapho esho lokhu
izithunywa zahamba zabuyise-
la izwi kuye.

**10** UBheni-hadadi wabe ese-
mthumelela lo myalezo wa-
thi: "Ngizolibhubhisa iSamari-
ya, ibutho lami likhulu ka-
ngangokuba lizoqothula kunga-
sali lutho. Kwangathi onku-
lunkulu bangangijezisa kanzi-
ma uma ngingakwenzi lokhu!"
**11** Inkosi yakwa-Israyeli ya-

---

**19:19** *NgesiHebheru, "zezinkunzi."
**19:20** *NgesiHebheru, "izinkunzi." #NgesiHebheru, "ngiyoqabula."

ISAHL. 19
*a* 2Kh 2:9, 15
*b* 2Kh 8:12; 2Kh 10:32; 2Kh 13:3
*c* 2Kh 9:14, 24; 2Kh 10:6, 7; 2Kh 10:23, 25
*d* 2Kh 2:23, 24
*e* Rom 11:4
*f* Eks 20:5
*g* Hos 13:2
*h* 2Kh 2:8
*i* Eks 24:13; 2Kh 2:3; 2Kh 3:11

ISAHL. 20
*j* 2Kh 8:7
*k* 2Sa 8:6; 2Kh 5:2; Isay 9:12
*l* Dut 28:52
*m* 2Kh 6:24; 2Kh 17:5
*n* 1Kh 16:29

Uhla 2
*a* Dut 28:15, 48

phendula yathi: "Mtsheleni uku-
thi, 'Olungela impi makanga-
ziqhayisi njengokungathi use-
nqobile.'"[a] **12** Kwathi nje la-
pho ezwa leli zwi, ngesikhathi
yena namakhosi bephuza ema-
tendeni* abo, wathi ezincekwi-
ni zakhe: "Ayihlome ihlasele!"
Ngakho zaviva ukuze zihlasele
idolobha.

**13** Kodwa umprofethi othile
waya ku-Ahabi[b] inkosi yakwa-
Israyeli wathi: "Yilokhu uJeho-
va akushoyo, 'Usibonile yini so-
nke lesi sixuku esikhulu? Ngi-
sinikela esandleni sakho na-
muhla, uzokwazi ukuthi ngi-
nguJehova.'"[c] **14** U-Ahabi wa-
thi: "Usinikela ngobani?" yena
wathi: "Yilokhu uJehova aku-
shoyo, 'Ngezinceku zezikhulu
zezifundazwe.'"* Ngakho wa-
thi: "Ngubani ozoqala ukulwa?"
yena wathi: "Nguwe!"

**15** U-Ahabi wabala izince-
ku zezikhulu zezifundazwe,
zazingu-232; ngemva kwalo-
kho wabala wonke amado-
da akwa-Israyeli, ayengu-7 000.
**16** Baphuma emini ngesikha-
thi uBheni-hadadi ezitika ngo-
tshwala ematendeni* ekanye
namakhosi angu-32 ayemsiza.
**17** Lapho izinceku zezikhulu
zezifundazwe ziphuma kuqala,
khona manjalo uBheni-hadadi
wathumela izithunywa. Zambi-
kela zathi: "Kukhona ama-
doda aphumile eSamariya."
**18** Khona-ke wathi: "Kunga-
khathaliseki ukuthi eze ngoku-
thula, kufanele niwabambe
ephila; noma ukuthi eze nge-
mpi, kufanele niwabambe ephi-
la." **19** Kodwa lapho izinceku
zezikhulu zezifundazwe ziphu-
ma edolobheni zikanye nama-
butho ayezilandela, **20** zabu-
lala izitha zazo. AmaSiriya aba-
leka,[a] u-Israyeli wawajaha, ko-
dwa uBheni-hadadi inkosi ya-
seSiriya wabaleka ngehhashi
kanye nabanye ababegibele
amahhashi. **21** Kodwa inkosi
yakwa-Israyeli yaphuma yaqhu-
beka ibulala ababegibele ama-
hhashi nezinqola, yawanqoba*
amaSiriya.

**22** Kamuva umprofethi[b] wa-
fika enkosini yakwa-Israyeli
wathi kuyo: "Hamba, uqinise
ibutho lakho, ucabange nanga-
lokho ozokwenza,[c] ngoba eku-
qaleni konyaka ozayo* inkosi
yaseSiriya izoza izokuhlasela."[d]

**23** Izinceku zenkosi yaseSi-
riya zathi kuyo: "UNkulunku-
lu wabo unguNkulunkulu we-
zintaba. Yingakho besehlulile.
Kodwa uma silwa nabo enda-
weni eyithafa, sizobanqoba.
**24** Naku okunye okufanele
ukwenze: Susa wonke amakho-
si[e] ekuholeni amabutho, ubeke
izinduna endaweni yawo.
**25** Ngemva kwalokho uqoqe*
ibutho lempi elilingana nebu-
tho elakulahlekela, ihhashi esi-
khundleni sehhashi nenqola
esikhundleni senqola. Kufanele
silwe nabo ethafeni, nakanjani
sizobanqoba." Ngakho yasilale-
la iseluleko sazo, yenza ngayo
kanye leyo ndlela.

**26** Ekuqaleni konyaka,*
uBheni-hadadi wabutha ama-
Siriya wakhuphukela e-Afe-
ki[f] ukuze alwe no-Israyeli.
**27** Ama-Israyeli nawo abuthwa
anikwa akudingayo, aphuma
abahlangabeza. Lapho ama-
Israyeli ekanise phambi kwa-
maSiriya, ayenjengemihlanja-
na emibili yezimbuzi, kuyila-
pho amaSiriya egcwele yonke

ISAHL. 20
a IzA 16:18 IzA 27:1 Shu 7:8
b 1Kh 16:29
c Eks 14:18 Hu 37:20

Uhla 2
a Lev 26:8 Dut 28:7
b 1Kh 20:13
c IzA 20:18
d 2Sa 11:1
e 1Kh 20:1, 16
f 2Kh 13:17

**20:12, 16** *Noma, "emadokodweni." **20:14** *Noma, "zezifunda zombuso."

**20:21** *Noma, "yawabulala." **20:22** *Okuwukuthi, ngentwasahlobo ezayo. **20:25** *NgesiHebheru, "ubale." **20:26** *Okuwukuthi, entwasahlobo.

indawo.[a] **28** Umuntu kaNku-
lunkulu weqiniso weza enkosi-
ni yakwa-Israyeli wathi: "Yilo-
khu uJehova akushoyo, 'Nge-
nxa yokuthi amaSiriya athe:
"UJehova unguNkulunkulu we-
zintaba, akayena uNkulunku-
lu wamathafa," ngizonikela so-
nke lesi sixuku esandleni sa-
kho,[b] nakanjani nizokwazi uku-
thi nginguJehova.' "[c]
**29** Baqhubeka bekanisile
izinsuku eziyisikhombisa, ku-
yilaba ngapha kuyilaba nga-
le, ngosuku lwesikhombisa ya-
qala impi. Ama-Israyeli abula-
la amaSiriya angu-100 000 ayi-
migundatshani ngosuku olulo-
dwa. **30** Labo abasala babale-
kela e-Afeki,[d] edolobheni. Ko-
dwa udonga lwawela phezu
kwamadoda angu-27 000 ayese-
le. UBheni-hadadi naye wabale-
ka wayongena edolobheni, wa-
casha ekamelweni.
**31** Ngakho izinceku zakhe
zathi kuye: "Sizwile uku-
thi amakhosi endlu ka-Israyeli
angamakhosi anomusa.* Si-
cela usivumele sibhince indwa-
ngu yesaka ezinkalweni zethu
sibophe izindophi emakhanda
siye enkosini yakwa-Israyeli.
Mhlawumbe ngeke ikubulale."[e]
**32** Ngakho zabhinca indwangu
yesaka ezinkalweni zazo, za-
bopha izindophi emakhanda
azo, zaya enkosini yakwa-Isra-
yeli zafike zathi: "Inceku ya-
kho uBheni-hadadi ithe, 'Ngiya-
cela, ungangibulali.' " Yona ya-
thi: "Ingabe usaphila? Ungu-
mfowethu." **33** Ngakho la ma-
doda akubheka njengebika lo-
kuhle ayikholwa ngokushesha,
athi: "UBheni-hadadi ungumfo-
wenu." Yona yathi: "Hambani
niyomlanda." Khona-ke uBhe-
ni-hadadi waphuma waya kuyo,
yona yamgibelisa enqoleni.
**34** UBheni-hadadi wabe ese-
thi kuyo: "Amadolobha uba-
ba awathatha kuyihlo ngi-
zowabuyisa, wena ungazenze-
la izimakethe* eDamaseku nje-
ngoba nje nobaba enza eSama-
riya."
U-Ahabi waphendula wathi:
"Ngenxa yalesi sivumelwano,
ngizokuyeka uhambe."
Ngakho wenza isivumelwa-
no naye wase emdedela waha-
mba.
**35** Iyalwe nguJehova, enye
yamadodana abaprofethi*[a] ya-
thi kumngani wayo: "Ngice-
la ungishaye." Kodwa lo muntu
wenqaba ukuyishaya. **36** Nga-
kho yathi kuye: "Ngenxa yo-
kuthi awulilalelanga izwi lika-
Jehova, lapho nje usuka kimi,
uzobulawa yibhubesi." Ngemva
kokuhamba, ibhubesi lamhla-
sela lo muntu lambulala.
**37** Yathola omunye umu-
ntu yathi: "Ngicela ungishaye."
Ngakho lo muntu wayishaya
wayilimaza.
**38** Khona-ke lo mprofe-
thi wahamba wayolinda inko-
si ngasemgwaqweni, ezifihle
ngendwangu emehlweni akhe.
**39** Kwathi lapho inkosi idlu-
la, wayimemeza wathi: "Ince-
ku yakho yaya lapho impi ishu-
be khona, kweza umuntu othi-
le elethe umuntu kimi wayese-
thi, 'Qapha lo muntu. Uma eke
waphunyuka, ukuphila kwa-
kho kuyothatha indawo yoku-
phila kwakhe,[b] ngale kwalokho
uyokhokha ithalenta* lesiliva.'

**20:31** *Noma, "angamakhosi anothando oluqotho."

**20:34** *Noma, "ungazabela izitaladi."
**20:35** *Inkulumo ethi "amadodana abaprofethi" kubonakala sengathi ibhekisela esikoleni sokuqeqesha abaprofethi noma enhlanganweni yabaprofethi.
**20:39** *Ithalenta lalilingana no-34,2 kg. Bheka iSithasiselo B14.

**ISAHL. 20**
*a* Hlu 6:5, 6; 1Sa 13:5; 2Kr 32:7
*b* Dut 32:26, 27; Hez 20:9; Hez 36:22
*c* Eks 6:7; Eks 7:5; Hu 83:18; Hez 6:14; Hez 39:7
*d* 1Kh 20:26
*e* Jon 3:8, 9

**Uhla 2**
*a* 2Kh 2:3
*b* 2Kh 10:24; IzE 12:19; IzE 16:27

**40** Kwathi lapho inceku ya-
kho isematasa lapha nala-
phaya, lo muntu wanyama-
lala.” Inkosi yakwa-Israyeli ya-
thi kuye: “Sizoba njalo isahlu-
lelo sakho; uzinqumele sona
ngokwakho.” **41** Ngokushe-
sha wasusa indwangu ebuswe-
ni bakhe, inkosi yakwa-Israye-
li yase ibona ukuthi wayengo-
munye wabaprofethi.[a] **42** Wa-
thi enkosini: “Yilokhu uJe-
hova akushoyo, ‘Ngenxa yo-
kuthi udedele umuntu engi-
the kufanele abhujiswe,[b] uku-
phila kwakho kumele kuthathe
indawo yokuphila kwakhe,[c] na-
bantu bakho bathathe indawo
yabantu bakhe.’ ”[d] **43** Ngemva
kwalokho inkosi yakwa-Israye-
li yahamba yaya ekhaya eSama-
riya,[e] inyukubele futhi ida-
ngele.

**21** Ngemva kwalezi zinto
kunesigameko esenzeka
esiphathelene nensimu yama-
gilebhisi okwakungekaNabho-
ti umJizreyeli; yayiseJizreye-
li,[f] eduze kwesigodlo sika-
Ahabi inkosi yaseSamariya.
**2** U-Ahabi wathi kuNabhoti:
“Nginike insimu yakho yamagi-
lebhisi ukuze ibe yingadi yami
yemifino, ngoba iseduze komu-
zi wami. Ngizokunika insimu
engcono kunayo. Noma uma
uthanda, ungidayisele yona
ngemali.” **3** Kodwa uNabhoti
wathi ku-Ahabi: “Anginakulo-
kotha ngikunike ifa lokhokho
bami,[g] ngoba uJehova uya-
kwenqabela lokhu.” **4** Ngakho
u-Ahabi waphindela endlini ya-
khe, enyukubele futhi edange-
le ngenxa yempendulo kaNa-
bhoti umJizreyeli ethi: “Ngeke
ngikunike ifa lokhokho bami.”
Wafike walala embhedeni, wa-
fulathela wabheka odongeni,
wenqaba ukudla.
**5** UJezebeli[a] umkakhe weza
kuye wathi: “Kungani uda-
ngele* uze wenqabe noku-
dla?” **6** Yena waphendula wa-
thi: “Kungenxa yokuthi ngithe
kuNabhoti umJizreyeli, ‘Ngida-
yisele insimu yakho ngema-
li. Noma uma uthanda, ngi-
vumele ngikunike enye insi-
mu esikhundleni sayo.’ Kodwa
uthe, ‘Ngeke ngikunike insi-
mu yami.’ ” **7** UJezebeli umka-
khe wathi kuye: “Angithi uwe-
na inkosi kwa-Israyeli. Vuka
udle, uyeke ukukhathazeka.
Mina ngizokunika insimu ka-
Nabhoti umJizreyeli.”[b] **8** Nga-
kho wabhala izincwadi egame-
ni lika-Ahabi wazibeka uphawu
ngophawu lwenkosi,[c] wathu-
mela lezo zincwadi emadode-
ni amadala[d] nasezicukuthwa-
neni ezazihlala edolobheni la-
kubo kaNabhoti. **9** Kulezo zi-
ncwadi wabhala wathi: “Meme-
zelani ukuzila ukudla, nihlali-
se uNabhoti phambi kwaba-
ntu. **10** Nihlalise phambi kwa-
khe amadoda amabili angelusi-
zo lwalutho, afakaze ngokume-
lene naye,[e] athi, ‘Wena uthuke
uNkulunkulu nenkosi!’[f] Bese
nimkhiphela ngaphandle nim-
shaye ngamatshe aze afe.”[g]
**11** Ngakho amadoda edolo-
bha lakubo, amadoda amada-
la nezicukuthwane ezazihlala
edolobheni lakubo, benza nje-
ngoba nje kwakulotshiwe ezi-
ncwadini ezazithunyelwe uJe-
zebeli. **12** Bamemezela ukuzi-
la ukudla bahlalisa uNabho-
ti phambi kwabantu. **13** Kwa-
be sekungena amadoda amabi-
li angelusizo lwalutho, ahlala
phansi phambi kwakhe, aqala
ukufakaza ngokumelene noNa-
bhoti phambi kwabantu, athi:

ISAHL. 20
a 1Kh 20:35
b Lev 27:29; 1Sa 15:9; Jer 48:10
c 1Kh 22:31, 35; 2Kr 18:33
d 2Kh 6:24; 2Kh 8:12; 2Kr 18:16
e 1Kh 16:29

ISAHL. 21
f Jos 19:17, 18
g Lev 25:23; Num 36:7

Uhla 2
a 1Kh 16:31; 1Kh 18:4; 1Kh 19:2; 1Kh 21:25
b Mik 2:1; Mik 7:3
c Neh 9:38; Est 8:8
d Dut 16:18
e Eks 20:16; Dut 17:6
f Eks 22:28
g Lev 24:16; Joh 10:33

---
**21:5** *NgesiHebheru, “Kungani umoya wakho udangele.”

"UNabhoti uthuke uNkulunku-
lu nenkosi!"[a] Ngemva kwalo-
kho bamkhiphela emaphethe-
lweni edolobha bamshaya nga-
matshe waze wafa.[b] **14** Ba-
thumela umyalezo kuJezebeli,
bathi: "UNabhoti ushaywe nga-
matshe waze wafa."[c]

**15** Kwathi nje lapho uJe-
zebeli ezwa ukuthi uNabhoti
ushaywe ngamatshe wafa, wa-
thi ku-Ahabi: "Hamba uyotha-
tha insimu yamagilebhisi kaNa-
bhoti umJizreyeli,[d] leyo anqa-
bile ukukuthengisela yona nge-
mali, ngoba uNabhoti akasaphi-
li, usefile." **16** Kwathi nje la-
pho u-Ahabi ezwa ukuthi uNa-
bhoti ufile, u-Ahabi wasuka
wehlela ensimini yamagilebhi-
si kaNabhoti umJizreyeli ukuze
ayithathe.

**17** Kodwa izwi likaJehova
lafika ku-Eliya[e] umThishibi, la-
thi: **18** "Suka, wehle uye ku-
Ahabi inkosi yakwa-Israyeli,
obusa eSamariya.[f] Njengama-
nje usensimini yamagilebhi-
si kaNabhoti, lapho ehlele kho-
na ukuze ayithathe. **19** Ku-
mele uthi kuye, 'Yilokhu uJe-
hova akushoyo: "Ingabe ubula-
le umuntu[g] wase uthatha insi-
mu yakhe?"'[h] Uzobe usuthi
kuye, 'Yilokhu uJehova aku-
shoyo: "Endaweni lapho izinja
zikhothe khona igazi likaNa-
bhoti, izinja ziyolikhotha igazi
lakho."'"[i]

**20** U-Ahabi wathi ku-Eliya:
"O sitha sami,[j] usuze wangitho-
la!" Waphendula wathi: "Ngi-
kutholile. 'Ngenxa yokuthi uzi-
misele* ukwenza okubi eme-
hlweni kaJehova,[k] **21** ngile-
tha inhlekelele phezu kwakho,
ngizoshanelisisa ngemva kwa-
kho ngiqede bonke abesili-
sa*[a] ku-Ahabi, kanye nabantu-
kazana kwa-Israyeli.[b] **22** Ngi-
zokwenza indlu yakho ibe nje-
ngendlu kaJerobowamu[c] indo-
dana kaNebhati nanjengendlu
kaBhahasha[d] indodana ka-Ahi-
ya, ngenxa yokuthi ungicasu-
lile wabangela u-Israyeli
ukuba one.' **23** Nangokupha-
thelene noJezebeli, uJehova
uthe: 'Izinja ziyomudla uJe-
zebeli esigangeni esiseJizre-
yeli.[e] **24** Noma ubani ongoka-
Ahabi ofela edolobheni uyodli-
wa izinja, nanoma ubani ofe-
la esigangeni uyodliwa izinyo-
ni zezulu.[f] **25** Akekho ngisho
noyedwa owaba njengo-Ahabi,[g]
owayezimisele* ukwenza oku-
bi emehlweni kaJehova, esho-
shozelwa umkakhe uJezebeli.[h]
**26** Wenza ngendlela enengeka
kakhulu ngokulandela izithixo
ezinyanyekayo,* njengoba nje
kwakwenze wonke ama-Amori
uJehova ayewaxoshe phambi
kwama-Israyeli.'"[i]

**27** Lapho nje u-Ahabi ezwa
la mazwi, waklebhula izingu-
bo zakhe wembatha indwa-
ngu yesaka; wazila uku-
dla waqhubeka elele ngendwa-
ngu yesaka futhi ehamba eda-
ngele. **28** Izwi likaJehova la-
fika ku-Eliya umThishibi, lathi:
**29** "Ubonile yini ukuthi u-Aha-
bi uzithobe kanjani phambi
kwami?[j] Ngenxa yokuthi uzi-
thobile phambi kwami, ngeke
ngiyilethe le nhlekelele phaka-
thi nesikhathi sokuphila kwa-
khe. Ngiyoletha le nhlekelele

**ISAHL. 21**
a Amo 5:12; Hab 1:4
b 2Kh 9:25, 26; Shu 4:1
c Shu 5:8; Shu 8:14; Hab 1:13
d 1Kh 21:7
e 1Kh 17:1
f 1Kh 16:29
g Gen 4:8, 10
h Dut 5:21; Hab 2:9
i 1Kh 22:37, 38; 2Kh 9:25, 26
j 1Kh 18:17; Amo 5:10
k 1Kh 16:30

**Uhla 2**
a 2Kh 10:7, 17
b 2Kh 9:7-9
c 1Kh 15:25-29
d 1Kh 16:3, 11
e 2Kh 9:10, 35
f 1Kh 14:11; 1Kh 16:4
g 1Kh 16:30
h 1Kh 16:31; 2Kr 22:2, 3; IsA 2:20
i Eks 23:28; Dut 9:5
j Hu 78:34

**21:20** *NgesiHebheru, "uzithengisile."

**21:21** *NgesiHebheru, "noma ubani ochamela udonga." Inkulumo yesiHebheru yokwedelela ebhekisela kwabesilisa. **21:25** *NgesiHebheru, "owazithengisa." **21:26** *Lena yinkulumo yesiHebheru okungenzeka ihlobene negama elisho "ubulongwe," isetshenziswa njengenkulumo yokwedelela.

phezu kwendlu yakhe ezinsu-
kwini zendodana yakhe."[a]

**22** Kwaphela iminyaka emi-
thathu kungekho mpi
phakathi kweSiriya no-Israyeli.
**2** Ngonyaka wesithathu uJeho-
shafati[b] inkosi yakwaJuda
wehlela enkosini yakwa-Israye-
li.[c] **3** Inkosi yakwa-Israyeli ya-
thi ezincekwini zayo: "Niya-
zi yini ukuthi iRamoti-gileya-
di[d] lingelethu? Nokho siyanqi-
kaza ukulithatha enkosini ya-
seSiriya." **4** Yabe isithi ku-
Jehoshafati: "Uzohamba yini
nami ukuyolwa neRamoti-gi-
leyadi?" UJehoshafati wathi
enkosini yakwa-Israyeli: "Ngi-
zohamba nawe, mina nabantu
bami namahhashi ami."[e]

**5** Kodwa uJehoshafati wathi
enkosini yakwa-Israyeli: "Ngi-
cela uqale ubuze[f] ukuthi lithi-
ni izwi likaJehova."[g] **6** Nga-
kho inkosi yakwa-Israyeli yaqo-
qa abaprofethi, amadoda anga-
ba ngu-400, yathi kubo: "Ngi-
hambe yini ngiyolwa neRamo-
ti-gileyadi, noma ngiyeke?" Ba-
thi: "Hamba, uJehova uzolini-
kela esandleni senkosi."

**7** UJehoshafati wabe esethi:
"Akekho yini lapha umprofethi
kaJehova? Masibuze nangaye
kuNkulunkulu."[h] **8** Inkosi ya-
kwa-Israyeli yathi kuJehosha-
fati: "Kusekhona oyedwa ose-
le esingabuza uJehova ngaye;[i]
kodwa mina ngiyamzonda[j] ngo-
ba akwenzeki aprofethe okuhle
ngami kodwa uprofetha okubi
kuphela.[k] NguMikhaya indoda-
na ka-Imla." Nokho, uJehosha-
fati wathi: "Inkosi akufanele
ikhulume kanjalo."

**9** Ngakho inkosi yakwa-Isra-
yeli yabiza isikhulu segceke ya-
thi: "Phuthuma ulande uMikha-
ya indodana ka-Imla."[l] **10** Ma-
nje inkosi yakwa-Israyeli noJe-
hoshafati inkosi yakwaJuda ba-
behlezi ezihlalweni zabo zobu-
khosi, esibuyeni esangweni la-
seSamariya, bevunule ngeza-
sebukhosini, bonke abaprofe-
thi beprofetha phambi kwabo.[a]
**11** UZedekiya indodana ka-
Khenahana wazenzela izimpo-
ndo zensimbi, wathi: "Yilo-
khu uJehova akushoyo, 'Ngale-
zi zimpondo uzohlaba* amaSi-
riya uze uwaqothule.'" **12** Bo-
nke abanye abaprofethi babe-
profetha into efanayo, bethi:
"Khuphukela eRamoti-gileyadi
kuzokuhambela kahle; uJeho-
va uzolinikela esandleni senko-
si."

**13** Ngakho isithunywa esa-
hamba sayobiza uMikhaya sa-
thi kuye: "Bonke abaprofethi
bakhuluma okuhle enkosini.
Ngicela ozokusho kufane naba-
zokusho, ukhulume okuhle."[b]
**14** Kodwa uMikhaya wathi:
"Ngimfunge uJehova, ngizosho
noma yini uJehova angitshela
yona." **15** UMikhaya wangena
enkosini, inkosi yambuza ya-
thi: "Mikhaya, sihambe yini si-
yolwa neRamoti-gileyadi, noma
siyeke?" Ngaso leso sikhathi
waphendula wathi: "Hamba,
kuzokuhambela kahle; uJeho-
va uzolinikela esandleni se-
nkosi." **16** Inkosi yathi kuye:
"Kumele ngikufungise kanga-
ki ukuba ukhulume iqiniso lo-
dwa kimi egameni likaJeho-
va?" **17** Ngakho wathi: "Ngi-
bona wonke ama-Israyeli ehla-
kazekile ezintabeni,[c] njengezi-
mvu ezingenamalusi. UJehova
wathi: 'Laba abanankosi. Yilo-
wo nalowo makabuyele endlini
yakhe ngokuthula.'"

**18** Inkosi yakwa-Israyeli ya-
thi kuJehoshafati: "Angisho-
ngo yini kuwe ukuthi, 'Ngeke
aprofethe izinto ezinhle ngami,

ISAHL. 21
*a* 2Kh 9:25, 26; 2Kh 10:7, 11

ISAHL. 22
*b* 1Kh 15:24
*c* 2Kr 18:2, 3
*d* Jos 20:8, 9; 1Kh 4:7, 13
*e* 2Kh 3:7; 2Kr 19:2
*f* Num 27:21
*g* 2Kr 18:4, 5
*h* 2Kh 3:11; 2Kr 18:6, 7
*i* 1Kh 18:4
*j* 1Kh 21:20; 2Kr 36:16
*k* Isay 30:9, 10; Jer 38:4
*l* 2Kr 18:8-11

Uhla 2
*a* Hez 13:2, 3
*b* 2Kr 18:12-16
*c* Dut 28:15, 25

**22:11** *Noma, "uzowadudula."

kodwa uzoprofetha okubi ko-
dwa’?”[a]
**19** UMikhaya wabe esethi:
“Yizwani izwi likaJehova: Ngi-
bone uJehova ehlezi esihlalwe-
ni sakhe sobukhosi,[b] lonke ibu-
tho lasemazulwini limi ngakwe-
sokudla sakhe nangakwesobu-
nxele sakhe.[c] **20** UJehova wa-
thi, ‘Ubani ozokhohlisa u-Aha-
bi, ukuze akhuphukele eRamo-
ti-gileyadi afele khona?’ Omu-
nye wayesho lokhu omunye
esho lokhuya. **21** Kwabe se-
kusondela enye ingelosi*[d] yama
phambi kukaJehova yathi,
‘Mina ngizomkhohlisa.’ UJe-
hova wathi kuyo, ‘Uzomkho-
hlisa kanjani?’ **22** Yaphendu-
la yathi, ‘Ngizophuma, ngikho-
hlise abaprofethi bakhe uku-
ze bakhulume amanga.’[e] Nga-
kho wathi, ‘Uzomkhohlisa futhi
ngaphezu kwalokho, uzophu-
melela. Hamba wenze kanja-
lo.’ **23** Yingakho bonke laba
baprofethi bekhuluma amanga
kuwe ngoba uJehova uvume-
le ingelosi ukuba ibakhohli-
se,[f] kodwa uJehova umemeze-
le inhlekelele ngawe.”[g]
**24** UZedekiya indodana ka-
Khenahana wasondela washa-
ya uMikhaya ngempama wa-
thi: “Uqonde ukungitshela uku-
thi umoya kaJehova ungishiyi-
le mina wazokhuluma nawe?”[h]
**25** UMikhaya wathi: “Uyobona
ukuthi ukushiyile mhla unge-
na ekamelweni elingaphakathi
uyozifihla.” **26** Inkosi yakwa-
Israyeli yathi: “Thathani uMi-
khaya niye naye ku-Amoni
induna yedolobha nakuJowa-
shi indodana yenkosi. **27** Ni-
thi kubo, ‘Nakhu inkosi eku-
shoyo: “Fakani lo muntu eje-
le[i] nimnike isinkwa esincane
namanzi ngize ngibuye ngoku-
thula.”’” **28** Kodwa uMikhaya
wathi: “Uma ubuye ngokuthu-
la, kuyosho ukuthi uJehova
akakhulumanga nami.”[a] Wane-
zela: “Yizwani, nonke nina ba-
ntu.”
**29** Ngakho inkosi yakwa-
Israyeli noJehoshafati inkosi
yakwaJuda bakhuphukela eRa-
moti-gileyadi.[b] **30** Inkosi ya-
kwa-Israyeli manje yathi ku-
Jehoshafati: “Mina ngizozifihla
ngingene empini, kodwa wena
kufanele ugqoke izingubo za-
kho zasebukhosini.” Ngakho
inkosi yakwa-Israyeli yazifihla,[c]
yangena empini. **31** Inkosi ya-
seSiriya yayiyale izinduna ezi-
ngu-32 zezinqola zayo,[d] ya-
thi: “Ningalwi namuntu, om-
ncane noma omkhulu, nilwe
nenkosi yakwa-Israyeli kuphe-
la.” **32** Kwathi nje lapho izi-
nduna zezinqola zibona uJe-
hoshafati, zathi: “Nakanjani
yinkosi yakwa-Israyeli lena.”
Ngakho zaphendukela kuye
ukuze zilwe naye; uJehoshafa-
ti wakhala ecela usizo. **33** La-
pho izinduna zezinqola zibona
ukuthi kwakungeyona inkosi
yakwa-Israyeli, masinyane za-
yeka ukumlandela.
**34** Kodwa umuntu othile
waciba ngomnsalo wakhe emo-
yeni,* wagwaza inkosi yakwa-
Israyeli lapho kuhlangana kho-
na ijazi layo lensimbi. Ngakho
inkosi yathi kumshayeli wenqo-
la yayo: “Phenduka ungikhiphe
empini# ngoba ngilimele kabi.”[e]
**35** Impi yaqhubeka ibambene
lonke lolo suku, inkosi kwadi-
ngeka ukuba bayincikise enqo-
leni, ibheke amaSiriya. Igazi
elaliphuma enxebeni lophela
enqoleni yempi, kusihlwa yafa.[f]
**36** Lapho ilanga lishona kwa-

ISAHL. 22
a 2Kr 18:17
b Isay 6:1; Hez 1:26
c 2Kr 18:18-22; Job 1:6; Dan 7:9, 10; Mat 18:10; IsA 5:11
d Hu 104:4; Heb 1:7, 14
e 1Kh 22:6
f Hez 14:9
g 1Kh 20:42
h 2Kr 18:23-27
i Heb 11:32, 36

Uhla 2
a Num 16:28, 29
b 2Kr 18:28-32
c 2Kr 35:22
d 1Kh 20:1
e 2Kr 18:33, 34
f 1Kh 20:42

**22:21** *NgesiHebheru, “umoya.”

**22:34** *Noma, “engahlose bubi.” #NgesiHebheru, “ekamu.”

menyezelwa kulo lonke ika-
mu kwathiwa: “Wonke umuntu
makabuyele edolobheni laku-
bo! Wonke umuntu makabuyele
endaweni yakubo!”[a] **37** Yafa
kanjalo inkosi, yabe isilethwa
eSamariya; inkosi bayingcwa-
ba eSamariya. **38** Lapho be-
geza inqola yempi ngasechibi-
ni laseSamariya, izinja zakho-
tha igazi layo nezifebe zageze-
la lapho,* ngokwezwi likaJeho-
va ayelikhulumile.[b]

**39** Ngokuqondene nawo wo-
nke omunye umlando ka-Aha-
bi, konke akwenza nendlu* ye-
zinyo lendlovu[c] ayakha nawo
wonke amadolobha awakha,
kulotshiwe encwadini yomla-
ndo wamakhosi akwa-Israye-
li. **40** Ekugcineni u-Ahabi wa-
ngcwatshwa kanye nokhokho
bakhe;[d] u-Ahaziya[e] indodana
yakhe wabusa esikhundleni sa-
khe.

**41** UJehoshafati[f] indodana
ka-Asa wayebe yinkosi phe-
zu kukaJuda ngonyaka we-
sine ka-Ahabi inkosi yakwa-
Israyeli. **42** UJehoshafati wa-
yeneminyaka engu-35 lapho eba
inkosi, wabusa iminyaka engu-
25 eJerusalema. Igama likani-
na kwakungu-Azuba indodakazi
kaShilihi. **43** Waqhubeka eha-
mba ngayo yonke indlela ka-
Asa[g] uyise. Akazange aphambu-
ke kuyo, wenza okulungile eme-
hlweni kaJehova.[h] Nokho, izi-
ndawo eziphakeme* azizange
zisuswe, abantu babesayenza
imihlatshelo, beshunqisa no-
musi womhlatshelo ezindaweni
eziphakeme.[i] **44** UJehoshafati
walondoloza ukuthula phakathi
kwakhe nenkosi yakwa-Israyeli.[j]
**45** Ngokuqondene nawo wonke
omunye umlando kaJehoshafa-
ti, amandla akhe nendlela alwa
ngayo, kulotshiwe encwadini
yomlando wamakhosi akwaJu-
da. **46** UJehoshafati wasusa
ezweni zonke ezinye izifebe ze-
silisa zasethempelini[a] ezazisale
ngezinsuku zika-Asa uyise.[b]

**47** Ngaleso sikhathi kwaku-
ngenankosi kwa-Edomi;[c] iphini
yilo elalibusa.[d]

**48** UJehoshafati wakha ne-
mikhumbi yaseTharishishi*
eyayizolanda igolide[e] e-Ofiri,
kodwa ayibange isaya ngoba le
mikhumbi yaphahlazeka e-Ezi-
yoni-gebheri.[f] **49** Kungaleso
sikhathi lapho u-Ahaziya indo-
dana ka-Ahabi athi khona ku-
Jehoshafati: “Izinceku zami
mazihambe nezinceku zakho
ngemikhumbi,” kodwa uJeho-
shafati akazange avume.

**50** Ngemva kwalokho uJe-
hoshafati walala nokhokho ba-
khe[g] wangcwatshwa nokhokho
bakhe eDolobheni LikaDavide
ukhokho wakhe; uJehoramu[h]
indodana yakhe waba inkosi
esikhundleni sakhe.

**51** U-Ahaziya[i] indodana ka-
Ahabi waba yinkosi phezu
kuka-Israyeli eSamariya ngo-
nyaka ka-17 kaJehoshafati
inkosi yakwaJuda, wabusa
phezu kuka-Israyeli iminyaka
emibili. **52** Wenza okubi eme-
hlweni kaJehova, wahamba
ngendlela kayise[j] nangendle-
la kanina[k] nangendlela kaJero-
bowamu indodana kaNebhati,
owayonise u-Israyeli.[l] **53** Wa-
khonza uBhali[m] emkhothame-
la, elokhu ecasula uJehova
uNkulunkulu ka-Israyeli,[n] nje-
ngoba nje uyise ayenzile.

---

**22:38** *Noma kungaba, “izinja zakhotha igazi lakhe lapho kwakugeza khona izifebe.” **22:39** *Noma, “nesigodlo.” **22:43** *Noma, “izindawo zokukhonza izithixo.”

**22:48** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

---

**ISAHL. 22**

a 1Kh 22:17
b 1Kh 21:18, 19
c 1Kh 10:22 Hez 27:15
d 1Kh 16:28
e 2Kh 1:2 2Kr 20:35
f 1Kr 3:10 2Kr 17:1 2Kr 20:31 Mat 1:8
g 1Kh 15:11 2Kr 14:11 2Kr 15:8
h 2Kr 17:3
i Dut 12:14 1Kh 14:23 1Kh 15:14
j 2Kr 18:1 2Kr 19:2

**Uhla 2**

a Dut 23:17, 18 1Kh 14:24
b 1Kh 15:11, 12
c Gen 36:1, 9
d 2Sa 8:14 2Kh 8:20-22 Hu 108:9
e 1Kh 10:22
f 1Kh 9:26 2Kr 20:35-37
g 1Kh 2:10
h 2Kh 8:16 2Kr 21:1, 5
i 2Kh 1:2
j 1Kh 16:30
k 1Kh 21:25
l 1Kh 12:28-30 1Kh 13:33
m 1Kh 16:31, 32 2Kh 1:2
n Eks 20:3 Eks 34:14

EYESIBILI

# YAMAKHOSI

## UHLU LOKUPHAKATHI

1 U-Eliya ubikezela ngokufa kuka-Ahaziya (1-18)

2 U-Eliya unyukela phezulu ngesivunguvungu (1-18)
U-Elisha uthola isembatho sabaprofethi sika-Eliya (13, 14)
U-Elisha ukhipha ubuthi emanzini aseJeriko (19-22)
Amabhere abulala abafana abancane baseBhethele (23-25)

3 UJehoramu uba yinkosi kwa-Israyeli (1-3)
UMowabi uvukela u-Israyeli (4-25)
UMowabi uyanqotshwa (26, 27)

4 U-Elisha wandisa amafutha omfelokazi (1-7)
Owesifazane waseShunemi ubonisa isihambi umusa (8-16)
Owesifazane uvuzwa ngendodana; iyafa (17-31)
U-Elisha uvusa indodana efile (32-37)
U-Elisha ukhipha ushevu esitshulwini (38-41)
U-Elisha wandisa izinkwa (42-44)

5 U-Elisha welapha uNahamani ochokweni (1-19)
UGehazi oyigovu ushaywa ngochoko (20-27)

6 U-Elisha untantisa imbazo (1-7)
U-Elisha namaSiriya (8-23)
Isikhonzi sika-Elisha sivulwa amehlo (16, 17)
AmaSiriya aphuphuthekiswa ingqondo (18, 19)
Indlala eSamariya elivinjezelwe (24-33)

7 U-Elisha ubikezela ukuphela kwendlala (1, 2)
Kutholakala ukudla ekamu lamaSiriya elishiywe lingenamuntu (3-15)
Isiprofetho sika-Elisha siyagcwaliseka (16-20)

8 Owesifazane waseShunemi ubuyiselwa indawo yakhe (1-6)
U-Elisha, uBheni-hadadi, noHazayeli (7-15)
UJehoramu uba yinkosi kwaJuda (16-24)
U-Ahaziya uba yinkosi kwaJuda (25-29)

9 UJehu uyagcotshwa ukuba abe yinkosi kwa-Israyeli (1-13)
UJehu ubulala uJehoramu no-Ahaziya (14-29)
UJezebeli uyabulawa; izinja zidla inyama yakhe (30-37)

10 UJehu ubulala abendlu ka-Ahabi (1-17)
UJehonadaba uhambisana noJehu (15-17)
UJehu ubulala izikhonzi zikaBhali (18-27)
Ukufingqwa komlando wokubusa kukaJehu (28-36)

11 U-Athaliya uhlwitha ubukhosi (1-3)
UJehowashi ubekwa ukuba abe inkosi ngasese (4-12)
U-Athaliya uyabulawa (13-16)
UJehoyada wenza izinguquko ezweni (17-21)

12 UJehowashi uba yinkosi kwaJuda (1-3)
UJehowashi ulungisa ithempeli (4-16)
Ukuhlasela kwamaSiriya (17, 18)
UJehowashi uyabulawa (19-21)

13 UJehowahazi uba yinkosi kwa-Israyeli (1-9)
UJehowashi uba yinkosi kwa-Israyeli (10-13)
U-Elisha uvivinya intshiseko kaJehowashi (14-19)
Ukufa kuka-Elisha; amathambo akhe avusa umuntu (20, 21)
Isiprofetho sokugcina sika-Elisha siyagcwaliseka (22-25)

14 U-Amaziya uba yinkosi kwaJuda (1-6)
Impi nabakwa-Edomi nabakwa-Israyeli (7-14)
Ukufa kukaJehowashi wakwa-Israyeli (15, 16)
Ukufa kuka-Amaziya (17-22)
UJerobowamu II uba yinkosi yakwa-Israyeli (23-29)

15 U-Azariya uba yinkosi kwaJuda (1-7)

Amakhosi okugcina akwa-Israyeli: uZakariya (8-12), uShalumi (13-16), uMenahemu (17-22), uPhekaya (23-26), uPheka (27-31)
UJothamu uba yinkosi kwaJuda (32-38)

16 U-Ahazi uba yinkosi kwaJuda (1-6)
U-Ahazi ufumbathisa ama-Asiriya (7-9)
U-Ahazi wakha i-altare elifana nelezizwe ezikhonza izithixo (10-18)
U-Ahazi uyafa (19, 20)

17 UHosheya uba yinkosi kwa-Israyeli (1-4)
Umbuso wakwa-Israyeli uyawa (5, 6)
U-Israyeli uyadingiswa ngenxa yokuhlubuka (7-23)
Abantu bezinye izizwe balethwa emadolobheni aseSamariya (24-26)
Izinkolo zaseSamariya ezihlukahlukene (27-41)

18 UHezekiya uba yinkosi kwaJuda (1-8)
Kubukezwa ukuwa kombuso wakwa-Israyeli (9-12)
USaneheribi uhlasela uJuda (13-18)
URabishake uklolodela uJehova (19-37)

19 UHezekiya ucela u-Isaya ukuba abacelele usizo kuNkulunkulu (1-7)
USaneheribi usongela iJerusalema (8-13)
Umthandazo kaHezekiya (14-19)
U-Isaya udlulisela impendulo kaNkulunkulu (20-34)
Ingelosi ibulala ama-Asiriya angu-185 000 (35-37)

20 UHezekiya uyagula aphinde alulame (1-11)
Izithunywa ezivela eBhabhiloni (12-19)
UHezekiya uyafa (20, 21)

21 UManase uba yinkosi kwaJuda; ukuchitha kwakhe igazi (1-18)
IJerusalema lizobhujiswa (12-15)
U-Amoni uba yinkosi kwaJuda (19-26)

22 UJosiya uba yinkosi kwaJuda (1, 2)
Iziyalezo zokulungisa ithempeli (3-7)
Ukutholakala kwencwadi yoMthetho (8-13)
Isiprofetho sikaHulida senhlekelele (14-20)

23 UJosiya wenza izinguquko (1-20)
Kugujwa iPhasika (21-23)
UJosiya wenza ezinye izinguquko (24-27)
UJosiya uyafa (28-30)
UJehowahazi uba yinkosi kwaJuda (31-33)
UJehoyakimi uba yinkosi kwaJuda (34-37)

24 UJehoyakimi uyavukela bese eyafa (1-7)
UJehoyakini uba yinkosi kwaJuda (8, 9)
Ukudingiselwa eBhabhiloni kokuqala (10-17)
UZedekiya uba yinkosi kwaJuda; uyavukela (18-20)

25 UNebukhadinezari uvimbezela iJerusalema (1-7)
IJerusalema nethempeli lalo kuyabhujiswa; ukudingiswa kwesibili (8-21)
UGedaliya umiswa ukuba abe ngumbusi (22-24)
UGedaliya uyabulawa; abantu babalekela eGibhithe (25, 26)
UJehoyakini uyakhululwa eBhabhiloni (27-30)


**1** Ngemva kokufa kuka-Aha-
bi, uMowabi[a] wavukela
u-Israyeli.
**2** U-Ahaziya wakhalakathe-
la embotsheni eyayivalwe nge-
sisefo eyayisophahleni lwendlu
yakhe eSamariya, walimala.
Ngakho wathuma izithunywa
wathi kuzo: "Hambani, ningi-
buzele kuBhali-zebhubhe unku-
lunkulu wase-Ekroni[b] ukuthi
ngizolulama yini kule ngozi
engehlele."[a] **3** Kodwa ingelosi
kaJehova yathi ku-Eliya*[b] um-
Thishibi: "Hamba uyohlanga-
beza izithunywa zenkosi ya-
seSamariya uthi kuzo, 'Yingo-
ba kungekho Nkulunkulu yini
kwa-Israyeli njengoba niyobuza
kuBhali-zebhubhe unkulunku-
lu wase-Ekroni?[c] **4** Ngakho-
ke yilokhu uJehova akushoyo:

**ISAHL. 1**
*a* Gen 19:36, 37; 2Sa 8:2; Hu 60:8
*b* Jos 13:2, 3; 1Sa 5:10

**Uhla 2**
*a* 2Kh 1:16
*b* 1Kh 17:1; 1Kh 18:36
*c* Isay 8:19; Jer 2:11

**1:3** * Incazelo: "UNkulunkulu Wami NguJehova."

“Ngeke wehle embhedeni olele
kuwo, ngoba uzokufa nakanja-
ni.”’” Ngemva kwalokho u-Eliya
wahamba.
**5** Lapho izithunywa zibuye-
la ku-Ahaziya, wathi kuzo:
“Nijikeleni?” **6** Zaphendula
zathi: “Kukhona umuntu okhu-
phukile ezosihlangabeza, wathi
kithi, ‘Hambani nibuyele enko-
sini enithumile, nifike nithi
kuyo: “Yilokhu uJehova aku-
shoyo, ‘Yingoba kungekho
Nkulunkulu yini kwa-Israyeli
uze uthumele ukuba kuyobu-
zwa kuBhali-zebhubhe unkulu-
nkulu wase-Ekroni? Ngakho-ke,
ngeke wehle embhedeni olele
kuwo, ngoba uzokufa nakanja-
ni.’”’”[a] **7** Wathi kuzo: “Ubebu-
keka kanjani lowo muntu okhu-
phukile ezonihlangabeza waye-
sekhuluma la mazwi kini?”
**8** Zathi kuye: “Bekuyindoda
egqoke ingubo yoboya,[b] ifake
ibhande lesikhumba okhalwe-
ni.”[c] Ngaso leso sikhathi wathi:
“Bekungu-Eliya umThishibi.”
**9** Inkosi yathumela kuye
induna yabangu-50 nezinsizwa
zayo ezingu-50. Lapho indu-
na ikhuphukela kuye, yamtho-
la ehlezi esiqongweni senta-
ba. Yathi kuye: “Muntu ka-
Nkulunkulu weqiniso,[d] inkosi
ithi, ‘Yehla.’” **10** Kodwa u-Eli-
ya waphendula le nduna yaba-
ngu-50 wathi: “Uma ngingumu-
ntu kaNkulunkulu, makwehle
umlilo emazulwini[e] ukushise
wena nezinsizwa zakho ezingu-
50.” Umlilo wehla uvela emazu-
lwini wayishisa yona kanye ne-
zinsizwa zayo ezingu-50.
**11** Ngakho inkosi yaphinde
yathumela kuye enye indu-
na yabangu-50 nezinsizwa zayo
ezingu-50. Yahamba yafike ya-
thi kuye: “Muntu kaNkulu-
nkulu weqiniso, yilokhu inko-
si ekushoyo, ‘Yehla ngokushe-
sha.’” **12** Kodwa u-Eliya waba-
phendula wathi: “Uma ngingu-
muntu kaNkulunkulu weqiniso,
makwehle umlilo emazulwini
ukushise wena nezinsizwa za-
kho ezingu-50.” Umlilo kaNku-
lunkulu wehla uvela emazulwi-
ni wayishisa yona kanye nezi-
nsizwa zayo ezingu-50.
**13** Inkosi yaphinda futhi ya-
thuma induna yesithathu ya-
bangu-50 nezinsizwa zayo ezi-
ngu-50. Kodwa induna yesitha-
thu yabangu-50 yakhuphuka
yafike yaguqa phansi ngamado-
lo phambi kuka-Eliya yamnce-
nga yathi: “Muntu kaNkulunku-
lu weqiniso, ngiyacela, ukuphi-
la kwami nokuphila kwalezi
zinceku zakho ezingu-50 maku-
be yigugu emehlweni akho.
**14** Umlilo ovela ezulwini se-
wehlile kakade washisa izindu-
na ezimbili zokuqala zabangu-
50 kanye namabutho azo ezi-
nsizwa ezingu-50, kodwa manje
ukuphila* kwami makube yigu-
gu emehlweni akho.”
**15** Ingelosi kaJehova yathi
ku-Eliya: “Yehla naye. Ungame-
sabi.” Ngakho wasuka wehlela
nayo enkosini. **16** U-Eliya wa-
thi enkosini: “Yilokhu uJeho-
va akushoyo, ‘Uthumele izithu-
nywa ukuba ziyobuza kuBha-
li-zebhubhe unkulunkulu wase-
Ekroni.[a] Lokhu ukwenze ngo-
ba kungekho Nkulunkulu yini
kwa-Israyeli?[b] Kungani ungabu-
zanga kuye? Ngakho-ke, ngeke
wehle embhedeni olele kuwo,
ngoba uzokufa nakanjani.’”
**17** Ngakho wafa, ngokwezwi li-
kaJehova u-Eliya ayelikhulumi-
le. Ngenxa yokuthi u-Ahaziya
wayengenandodana, uJehora-
mu*[c] wabusa esikhundleni sa-
khe, ngonyaka wesibili kaJeho-

**ISAHL. 1**
*a* 1Kr 10:13, 14
*b* 1Kh 19:19, Zak 13:4, Heb 11:32, 37
*c* Mat 3:4
*d* Dut 33:1
*e* Num 11:1, Num 16:35, Luk 9:54, Jud 7

**Uhla 2**
*a* Jos 13:2, 3
*b* 2Kh 1:3
*c* 2Kh 3:1, 2Kh 9:22

**1:14** *Noma, “umphefumulo.” **1:17** *Okuwukuthi, umfowabo ka-Ahaziya.

ramu[a] indodana kaJehoshafati inkosi yakwaJuda.

**18** Ngokuqondene nawo wonke omunye umlando ka-Ahaziya,[b] lokho akwenza, kulotshiwe encwadini yomlando wamakhosi akwa-Israyeli.

**2** Lapho uJehova esezonyusela u-Eliya[c] esibhakabhakeni* ngesivunguvungu,[d] u-Eliya no-Elisha[e] basuka eGiligali.[f] **2** U-Eliya wathi ku-Elisha: "Ngicela usale lapha ngoba uJehova ungithume eBhethele." Kodwa u-Elisha wathi: "Ngifunga uJehova kuwe,* ngeke ngikushiye." Ngakho behlela eBhethele.[g] **3** Ngemva kwalokho amadodana abaprofethi* ayeseBhethele aphuma aya ku-Elisha athi kuye: "Uyazi yini ukuthi namuhla uJehova uyayithatha inkosi yakho, ngeke isaba inhloko phezu kwakho?"[h] Yena wathi: "Thulani. Ngikwazi kahle lokho."

**4** U-Eliya wathi kuye: "Elisha, ngicela usale lapha ngoba uJehova ungithume eJeriko."[i] Kodwa yena wathi: "Ngifunga uJehova kuwe,* ngeke ngikushiye." Ngakho bahamba baze bafika eJeriko. **5** Amadodana abaprofethi ayeseJeriko eza ku-Elisha athi kuye: "Uyazi yini ukuthi namuhla uJehova uyayithatha inkosi yakho, ngeke isaba inhloko phezu kwakho?" Yena wathi: "Thulani. Ngikwazi kahle lokho."

**6** Manje u-Eliya wathi kuye: "Ngicela usale lapha ngoba uJehova ungithume eJordani." Kodwa yena wathi: "Ngifunga uJehova kuwe,* ngeke ngikushiye." Ngakho bobabili baqhubeka nendlela. **7** Amadodana abaprofethi angu-50 nawo ahamba, afike ama buqamama ababuka, njengoba bona bobabili bemi ngaseJordani. **8** U-Eliya wathatha isembatho sakhe[a] esikhethekile wasisonga washaya ngaso amanzi, ahlukana phakathi aya ngapha nangapha, bobabili bawela emhlabathini owomile.[b]

**9** Lapho nje sebewelile u-Eliya wathi ku-Elisha: "Cela ofuna ngikwenzele kona ngaphambi kokuba uNkulunkulu angithathe." Ngakho u-Elisha wathi: "Ngicela ukuba ngithole izingxenye ezimbili zomoya*[c] wakho."[d] **10** Waphendula wathi: "Ucele into enzima. Uma ungibona lapho ngithathwa, kuzokwenzeka kuwe ngaleyo ndlela; kodwa uma ungangiboni, ngeke kwenzeke."

**11** Njengoba babehamba bexoxa, kungazelelwe inqola evuthayo namahhashi avuthayo[e] kwabahlukanisa phakathi, u-Eliya wenyukela esibhakabhakeni* ngesivunguvungu.[f] **12** Njengoba u-Elisha ayebukele, wayememeza ethi: "Baba, baba! Inqola ka-Israyeli nabagibeli bakhe bamahhashi!"[g] Lapho engasamboni, wabamba izingubo zakhe waziklebhula.[h] **13** Ngemva kwalokho wacosha isembatho esikhethekile[i] esasiwe ku-Eliya, waphindela emuva wafike wama ngasosebeni lweJordani. **14** Wathatha isembatho esikhethekile esasiwe ku-Eliya washaya ngaso amanzi wathi: "Uphi uJehova uNkulunkulu ka-Eliya?" Lapho eshaya amanzi, ahlukana aya ngapha nangapha u-Elisha wawela.[j]

---

**2:1, 11** *Noma, "emazulwini," okuwukuthi, lapho kundiza khona izinyoni. **2:2, 4, 6** *Noma, "Kuphila kukaJehova nokuphila komphefumulo wakho." **2:3** *Inkulumo ethi "amadodana abaprofethi" kubonakala sengathi ibhekisela esikoleni sokuqeqesha abaprofethi noma enhlanganweni yabaprofethi.

**2:9** *Lo moya kungaba umoya ongcwele kaNkulunkulu noma ubuntu buka-Eliya.

---

ISAHL. 1
- a 2Kh 8:16
- b 1Kh 22:51

ISAHL. 2
- c 1Kh 17:1
- d 2Kh 2:11
- e 1Kh 19:16
- f 2Kh 4:38
- g Gen 28:18, 19; 1Kh 12:28, 29; 2Kh 2:23
- h 1Kh 19:16
- i Jos 6:26; 1Kh 16:34

Uhla 2
- a 1Kh 19:19
- b Eks 14:21, 22; Jos 3:17; 2Kh 2:13, 14
- c Dut 21:17
- d Dut 34:9; 1Kh 19:16; Luk 1:17
- e 2Kh 6:17; Hu 68:17
- f 2Kr 21:5, 12; Joh 3:13
- g 2Kh 13:14
- h 2Sa 1:11, 12; Job 1:19, 20
- i 1Kh 19:19; 2Kh 1:8; Zak 13:4; Mat 3:4
- j Jos 3:13; 2Kh 2:8

**15** Lapho amadodana aba-
profethi ayeseJeriko embona
esekude, athi: “Umoya ka-Eliya
usuphezu kuka-Elisha.”[a] Nga-
kho ahamba ayomhlangabe-
za afike akhothama phambi
kwakhe. **16** Athi kuye: “Pha-
kathi kwezinceku zakho ku-
khona amadoda angu-50 anesi-
bindi. Sicela uwavumele aha-
mbe ayofuna inkosi yakho.
Mhlawumbe umoya* kaJeho-
va uyiphakamisile wase uyi-
phonsa kwenye yezintaba
noma kwesinye sezigodi.”[b] Ko-
dwa wathi: “Ningawathumi.”
**17** Aqhubeka emncenga waze
waba namahloni, ngakho wa-
thi: “Wathumeni.” Awathuma
amadoda angu-50, amfuna izi-
nsuku ezintathu kodwa awam-
tholanga. **18** Lapho ebuyela
kuye amthola ehleli eJeriko.[c]
Wathi kuwo: “Angishongo yini
ukuthi ningahambi?”

**19** Ngemva kwesikhathi ama-
doda akulelo dolobha athi ku-
Elisha: “Inkosi yethu iyazibone-
la ukuthi leli dolobha lisendawe-
ni enhle;[d] kodwa amanzi anobu-
thi nezwe libangela ukuchitheka
kwezisu.” **20** Wathi: “Ngilethe-
leni isitsha esincane esisha nifa-
ke usawoti kuso.” Ngakho amle-
thela sona. **21** Ngemva kwalo-
kho waphuma waya emthonje-
ni wamanzi wafike wathela usa-
woti kuwo[e] wathi: “Yilokhu uJe-
hova akushoyo, ‘Sengibukhiphi-
le ubuthi kula manzi. Ngeke esa-
bulala noma abangele ukuchi-
theka kwezisu.’ ” **22** Lawo ma-
nzi awaphindanga aba nobuthi
kuze kube namuhla, ngokwezwi
lika-Elisha.

**23** Wasuka lapho wakhu-
phukela eBhethele. Njengo-
ba ayehamba ngendlela, aba-
nye abafana abancane baphu-
ma edolobheni bamedelela,[f]
babelokhu bethi kuye: “Yenyu-
ka, mpandla ndini! Yenyuka,
mpandla ndini!” **24** Ekugcine-
ni waphenduka, wababheka,
wabaqalekisa egameni likaJe-
hova. Kwabe sekuphuma ama-
bhere amabili ensikazi[a] ehlathi-
ni adwengula abafana abangu-
42 kubo.[b] **25** Wasuka lapho,
waqhubeka nohambo lwakhe
waya eNtabeni iKarmeli,[c] uku-
suka lapho waphindela eSama-
riya.

**3** UJehoramu[d] indodana ka-
Ahabi waba yinkosi phe-
zu kuka-Israyeli eSamariya
ngonyaka ka-18 kaJehoshafa-
ti inkosi yakwaJuda, wabusa
iminyaka engu-12. **2** Wayelo-
khu enza okubi emehlweni ka-
Jehova, kodwa hhayi nge-
zinga uyise nonina ababe-
nze ngalo, ngoba wayisusa
insika engcwele kaBhali uyi-
se ayeyenzile.[e] **3** Nokho, wa-
namathela ezonweni uJerobo-
wamu indodana kaNebhati oni-
sa ngazo u-Israyeli.[f] Akasuka-
nga kuzo.

**4** UMesha inkosi yakwaMo-
wabi wayefuye izimvu, waye-
vame ukukhokha intela enko-
sini yakwa-Israyeli, amawu-
ndlu angu-100 000 nezinqama
ezingagundiwe ezingu-100 000.
**5** Ngemva nje kokufa kuka-
Ahabi,[g] inkosi yakwaMowa-
bi yavukela inkosi yakwa-Isra-
yeli.[h] **6** Ngakho iNkosi uJe-
horamu yaphuma ngalolo suku
isuka eSamariya yabutha wo-
nke u-Israyeli. **7** Yathumela
nomyalezo kuJehoshafati inko-
si yakwaJuda, yathi: “Inkosi ya-
kwaMowabi ingivukele. Uzoha-
mba nami yini siyolwa no-
Mowabi?” Waphendula wathi:
“Ngizohamba nawe,[i] mina na-
bantu bami namahhashi ami.”[j]
**8** Waphinde wambuza wathi:
“Sizokwenyuka ngayiphi indle-

ISAHL. 2
a Num 11:24, 25 Num 27:18, 20 2Kh 2:9
b 1Kh 18:11, 12
c Jos 6:26 1Kh 16:34
d Dut 34:1-3
e Eks 15:23-25 2Kh 4:38-41
f 2Kr 36:15, 16 Luk 10:16

Uhla 2
a IzA 17:12
b 2Kh 1:10
c 2Kh 4:25

ISAHL. 3
d 2Kh 1:17
e 1Kh 16:30-33
f 1Kh 12:28-30
g 1Kh 22:37
h 2Sa 8:2
i 2Kr 19:2
j 1Kh 22:3, 4

**2:16** *Noma, “isivunguvungu.”

la?" Yena wathi: "Ngendlela yasehlane lakwa-Edomi."

**9** Inkosi yakwa-Israyeli yahamba nenkosi yakwaJuda nenkosi yakwa-Edomi.[a] Ngemva kokuhamba izinsuku eziyisikhombisa, abatholanga manzi okuphuzisa ibutho lempi nemfuyo ababehamba nayo. **10** Inkosi yakwa-Israyeli yathi: "Kwaze kwakubi! UJehova ubize la makhosi amathathu ukuze nje awanikele esandleni sikaMowabi!" **11** UJehoshafati wathi: "Akekho yini lapha umprofethi kaJehova ongasibuzela kuJehova?"[b] Ngakho enye yezinceku zenkosi yakwa-Israyeli yaphendula yathi: "Ukhona u-Elisha[c] indodana kaShafati, owayeyinceku ka-Eliya."*[d] **12** UJehoshafati wathi: "Uzositshela intando kaJehova." Ngakho inkosi yakwa-Israyeli noJehoshafati nenkosi yakwa-Edomi behlela kuye.

**13** U-Elisha wathi enkosini yakwa-Israyeli: "Uzofunani kimi?*[e] Yana kubaprofethi bakayihlo nakubaprofethi bakanyoko."[f] Kodwa inkosi yakwa-Israyeli yathi kuye: "Cha, ngoba nguJehova obize la makhosi amathathu ukuze awanikele esandleni sikaMowabi." **14** U-Elisha wathi: "Ngifunga uJehova wamabutho engimkhonzayo,* ukube bengingahloniphi uJehoshafati inkosi[g] yakwaJuda, bengingeke ngikubheke noma ngikunake.[h] **15** Manje ngiletheleni umuntu odlala ihabhu."*[i] Kwathi ngokushesha nje lapho umdlali wehabhu eqala ukulidlala, umoya kaJehova wehlela ku-Elisha.*[a] **16** Wathi: "Yilokhu uJehova akushoyo: 'Yimbani imisele eminingi kulesi sigodi,* **17** ngoba yilokhu uJehova akushoyo: "Ngeke kube namoya, ngeke kube namvula; nokho lesi sigodi* sizogcwala amanzi,[b] nina kanye nemfuyo yenu nezinye izilwane zenu nizophuza kuso."' **18** Kodwa lokhu kuwubala emehlweni kaJehova,[c] ngoba uzonikela noMowabi esandleni senu.[d] **19** Kumele nibhubhise wonke amadolobha avikelwe ngezindonga eziphakeme[e] nawo wonke amadolobha ekhethelo, kufanele nigawule zonke izihlahla ezinhle, nivale zonke iziphethu zamanzi, futhi zonke izindawo ezinhle kufanele nizicekele phansi ngamatshe."[f]

**20** Ekuseni ngesikhathi somnikelo wokudla okusanhlamvu,[g] kwakugeleza amanzi eqhamuka ngasohlangothini luka-Edomi, izwe lagcwala amanzi.

**21** Bonke abakwaMowabi bezwa ukuthi la makhosi ayekhuphukile ezolwa nabo, ngakho babizela ndawonye wonke amadoda aphuma impi base bema emngceleni. **22** Lapho bevuka ekuseni kakhulu, ilanga lalikhanya phezu kwamanzi, kwabakwaMowabi ngapheseya amanzi ayebonakala ebomvu kungathi igazi. **23** Bathi: "Yigazi leli! La makhosi abulalane wodwa ngenkemba. Ngakho madoda akwaMowabi, asihambeni siyothatha impango!"[h] **24** Lapho befika ekamu lika-Israyeli, ama-Israyeli asukuma aqala ukubabulala abakwaMowabi,

---

**3:11** *Noma, "owayevame ukuthela amanzi ezandleni zika-Eliya." **3:13** *Noma, "Ngihlangene ngani nawe?" **3:14** *NgesiHebheru, "engimi phambi kwakhe." **3:15** *Noma, "umdlali wezinsimbi zomculo."

**3:15** *NgesiHebheru, "isandla sikaJehova saba phezu kwakhe." **3:16** *Noma, "kule mihosha." **3:17** *Noma, "le mihosha."

---

ISAHL. 3

a 2Sa 8:14
b 1Kh 22:7
c 1Kh 19:16; 2Kh 2:15
d 1Kh 19:19, 21
e 1Sa 2:30; Hez 14:3
f Hlu 10:14; 1Kh 18:19; 1Kh 22:6
g 2Kr 17:3, 4; 2Kr 19:3, 4
h IzA 15:29
i 1Sa 10:5; 1Kr 25:1

Uhla 2

a 1Kh 18:46; Hez 1:3; IzE 11:21
b Hu 107:35
c Jer 32:17; Mar 10:27
d Dut 28:7
e Dut 3:5
f 2Kh 3:25
g Eks 29:39, 40
h Eks 15:9, 10

bawabalekela.[a] Asondela kwa-
Mowabi, ehamba ebabulala aba-
kwaMowabi. **25** Abhidliza ama-
dolobha, kuzo zonke izindawo
ezinhle ngamunye wayephonsa
itshe, azigcwalisa ngamatshe;
avala zonke iziphethu zamanzi,[b]
agawula nazo zonke izihlahla
ezinhle.[c] Ekugcineni kwasala izi-
ndonga zamatshe zaseKhiri-ha-
resethi kuphela,[d] labo abajikije-
la ngezindwayimane balizungeza
idolobha balihlasela.

**26** Lapho inkosi yakwaMo-
wabi ibona ukuthi inqotshi-
we empini, yathatha amadoda
angu-700 ahlome ngezinkemba
ukuze ifohle iye ngasenkosini
yakwa-Edomi;[e] kodwa abakwa-
zanga. **27** Ngakho yathatha
indodana yayo eyizibulo eyayi-
zobusa esikhundleni sayo yayi-
nikela njengomhlatshelo oshi-
swayo[f] phezu kodonga. Wathu-
kuthelelwa kakhulu u-Israyeli,
kangangokuba wayeka ukuyivi-
mbezela wabuyela ezweni la-
khe.

**4** Manje omunye kubafazi ba-
madodana abaprofethi[g] wa-
khala ku-Elisha, wathi: "Inceku
yakho umyeni wami ishonile,
wena wazi kahle ukuthi inceku
yakho ibilokhu imesaba uJe-
hova.[h] Manje lowo ebimkwele-
ta ufikile ezothatha abantwana
bami bobabili ukuze babe yizi-
gqila zakhe." **2** U-Elisha wathi
kuye: "Ngingakwenzelani? Ngi-
tshele, unani endlini?" Waphe-
ndula wathi: "Incekukazi ya-
kho ayinalutho nhlobo endlini
ngaphandle kwembiza yamafu-
tha."*[i] **3** U-Elisha wathi: "Ha-
mba uyoboleka izitsha ezi-
ngenalutho kubo bonke oma-
khelwane bakho. Uziboleke
zibe ziningi. **4** Ngemva kwalo-
kho ngena endlini wena na-
madodana akho nivale umnya-
ngo. Gcwalisani zonke lezo zi-
tsha ngamafutha, bese ku-
thi ezigcwele nizibeke eceleni."
**5** Ngakho wasuka kuye waha-
mba.

Lapho yena namadodana
akhe bengena endlini bava-
la umnyango, wona aletha izi-
tsha kuye, yena wathela kuzo.[a]
**6** Lapho lezi zitsha sezigcwe-
le, wathi kwenye yamadodana
akhe: "Letha esinye isitsha."[b]
Kodwa yona yathi kuye: "Sezi-
phelile." Ngakho amafutha
anqamuka.[c] **7** Ngakho wange-
na watshela umuntu kaNkulu-
nkulu weqiniso, yena wathi:
"Hamba uwathengise la mafu-
tha ukhokhe izikweletu zakho,
bese wena namadodana akho
niphila ngokusele."

**8** Ngolunye usuku u-Elisha
waya eShunemi,[d] lapho kwaku-
khona khona owesifazane ove-
lele, lona wesifazane wam-
ncenga ukuba angene adle
ukudla.[e] Njalo lapho edlula, wa-
yephambukela khona ayodla.
**9** Ngakho lona wesifazane wa-
thi kumyeni wakhe: "Ngiyazi
ukuthi ngumuntu ongcwele ka-
Nkulunkulu lo ovame ukudlula
lapha. **10** Ngicela sakhe ika-
melo elincane ophahleni[f] si-
mbekele khona umbhede, ita-
fula, isihlalo nesibani. Kuyothi
lapho efika, ahlale khona."[g]

**11** Ngolunye usuku wafika
lapho, waya kulelo kamelo
elisophahleni ukuze ayolala.
**12** Wabe esethi kuGehazi[h] isi-
khonzi sakhe: "Biza lona wesi-
fazane waseShunemi."[i] Ngakho
wambiza, wafike wama pha-
mbi kwakhe. **13** U-Elisha wa-
thi kuGehazi: "Ngicela uthi
kuye, 'Bheka wenze konke lo-
khu wenzela thina.[j] Yini engi-
ngakwenzela yona?[k] Ungatha-

---

**4:2** *Noma, "kwembiza yamafutha enomlomo wokwetha."

**ISAHL. 3**
*a* Lev 26:7
*b* Gen 26:15; 2Kr 32:4
*c* 2Kh 3:19
*d* Isay 16:7
*e* 2Kh 3:9
*f* Dut 12:31; 2Kr 28:1, 3; Hu 106:37, 38

**ISAHL. 4**
*g* 2Kh 2:3, 5
*h* 1Kh 19:18
*i* 1Kh 17:9, 12

**Uhla 2**
*a* Mar 6:41; Mar 8:6-8; Joh 2:7-9
*b* Mat 14:19
*c* Jos 5:12; 1Kh 17:14
*d* Jos 19:17, 18
*e* Gen 19:1-3; Hlu 13:15
*f* Hlu 3:20; 1Kh 17:19
*g* Mat 10:41; Rom 12:13; Heb 13:2
*h* 2Kh 5:25-27; 2Kh 8:4
*i* Jos 19:17, 18
*j* Rom 16:6
*k* 2Kh 4:1, 2; Heb 6:10

nda yini ngikukhulumele enko-
sini[a] noma enduneni yempi?'"
Kodwa yena wathi: "Cha, aku-
kho lutho olungikhathazayo,
ngizihlalela nabantu bakithi."
**14** Wayesethi: "Singamenze-
lani lona wesifazane?" UGe-
hazi wathi: "Empeleni akana-
yo indodana,[b] nomyeni wakhe
usemdala." **15** Masinyane wa-
thi: "Mbize." Ngakho wambiza,
lona wesifazane wama emnya-
ngo. **16** U-Elisha wathi: "Nga-
lesi sikhathi ngonyaka ozayo
uyobe ugone indodana."[c] Ko-
dwa owesifazane wathi: "Nko-
si yami, ungumuntu kaNkulu-
nkulu weqiniso. Ungayikhohlisi
incekukazi yakho."

**17** Nokho, lona wesifazane
wakhulelwa wabeletha indoda-
na ngesikhathi esifanayo ngo-
nyaka olandelayo, njengoba nje
u-Elisha ayemtshelile. **18** Um-
ntwana wakhula, ngolunye usu-
ku waphuma waya kuyise owa-
yekanye nabavuni. **19** Wayelo-
khu ethi kuyise: "Ikhanda, ku-
buhlungu ikhanda!" Uyise wa-
thi esikhonzini: "Mthathe umyi-
se kunina." **20** Ngakho sam-
thatha samyisa kunina. Unina
wamgona kwaze kwaba semini,
ekugcineni wafa.[d] **21** Wakhu-
phuka wambeka phezu kom-
bhede womuntu kaNkulunku-
lu weqiniso[e] wavala umnyango
waphuma. **22** Wabiza umyeni
wakhe wathi: "Ngicela ungithu-
melele esinye sezikhonzi ka-
nye nembongolo, ngiphuthume
kumuntu kaNkulunkulu weqini-
so bese ngibuya." **23** Kodwa
yena wathi: "Kungani uya kuye
namuhla? Akukhona ukwe-
thwasa kwenyanga[f] noma isa-
batha." Nokho, yena wathi: "Ko-
nke kuhamba kahle." **24** Nga-
kho wabophela imbongolo wa-
thi esikhonzini sakhe: "Phuthu-
ma. Ungehlisi ijubane ngenxa

ISAHL. 4
a 2Kh 8:3
b Gen 15:2
Gen 30:1
c Gen 18:10
d 1Kh 17:17
e 2Kh 4:9, 10
f Num 10:10
Num 28:11

Uhla 2
a Mat 28:9
b 2Kh 4:16
c 1Kh 18:46
d Mat 15:22, 28

yami ngaphandle uma ngiku-
tshela ukuba ulehlise."

**25** Wahamba waya kumuntu
kaNkulunkulu weqiniso eNta-
beni iKarmeli. Kwathi nje la-
pho umuntu kaNkulunkulu we-
qiniso embona esekude, wa-
thi kuGehazi isikhonzi sa-
khe: "Bheka! Nangu owesifa-
zane waseShunemi eza lapha-
ya. **26** Ngicela ugijime uyom-
hlangabeza ufike umbuze uthi,
'Uyaphila yini? Umyeni wa-
kho uyaphila yini? Umntana-
kho uyaphila yini?'" Owesifaza-
ne wathi: "Kuhamba kahle ko-
nke." **27** Kwathi nje lapho efi-
ka kumuntu kaNkulunkulu we-
qiniso entabeni, lona wesifaza-
ne wambamba izinyawo.[a] UGe-
hazi wasondela ukuze amsuse,
kodwa umuntu kaNkulunkulu
weqiniso wathi: "Myeke, ngoba
usosizini,* kodwa angisazi isi-
zathu ngoba uJehova akangi-
tshelanga." **28** Lona wesifaza-
ne wabe esethi: "Ngayicela yini
indodana enkosini yami? Angi-
shongo yini ukuthi, 'Ungangi-
thembisi into engekho'?"[b]

**29** Masinyane wathi kuGe-
hazi: "Lungela indlela*[c] utha-
the udondolo lwami uha-
mbe. Uma uhlangana nomu-
ntu, ungambingeleli;# uma
kwenzeka umuntu ekubingele-
la, ungamphenduli. Hamba ufi-
ke ubeke udondolo lwami ebu-
sweni bomfana." **30** Unina
womfana wathi: "Ngifunga
uJehova,* ngeke ngikushiye."[d]
Ngakho wasukuma wahamba
naye. **31** UGehazi wahamba
phambili. Lapho efika wabeka
udondolo ebusweni bomfana,

**4:27** *Noma, "udabukile emoyeni." **4:29** *NgesiHebheru, "Bopha izinkalo zakho." #Lokhu kubingelela kwakungase kuthathe isikhathi eside kuhambisane nokuqabula, ukwangana nezingxoxo ezinde. **4:30** *Noma, "Kuphila kukaJehova nokuphila komphefumulo wakho."

kodwa akwenzekanga lutho.[a]
Ngakho waphindela emuva wa-
yohlangabeza u-Elisha wathi
kuye: "Umfana akazange avu-
ke."
**32** Lapho u-Elisha engena
endlini, umfana wayelele phe-
zu kombhede wakhe efile.[b]
**33** Wangena wazivalela no-
mfana waqala ukuthandaza ku-
Jehova.[c] **34** Wagibela phezu
kombhede walala phezu kom-
ntwana wabeka umlomo wa-
khe phezu komlomo wakhe,
amehlo akhe phezu kwamehlo
akhe nezintende zezandla za-
khe phezu kwezintende zeza-
ndla zakhe waqhubeka egobele
kuye, kancane kancane umzi-
mba womntwana wafuduma-
la.[d] **35** Wahambahamba endli-
ni ehla enyuka, ngemva kwa-
lokho wagibela embhedeni wa-
phinde wagobela kuye. Umfana
wathimula kasikhombisa, nge-
mva kwalokho wavula ame-
hlo.[e] **36** U-Elisha wabe esebi-
za uGehazi wathi: "Biza owesi-
fazane waseShunemi." Nga-
kho wambiza wangena. Wa-
thi kuye: "Thatha indodana
yakho."[f] **37** Wangena wawe-
la ezinyaweni zakhe wamkho-
thamela, ngemva kwalokho wa-
thatha indodana yakhe wa-
phuma.
**38** Lapho u-Elisha ebuyela
eGiligali, kwakukhona indlala
kulelo zwe.[g] Amadodana aba-
profethi[h] ayehlezi phambi kwa-
khe, yena wathi esikhonzi-
ni sakhe:[i] "Beka ibhodwe ezi-
ko uphekele amadodana aba-
profethi isitshulu." **39** Nga-
kho esinye sezikhonzi saphu-
ma saya esigangeni siyokukha
izithelo, sathola izintanga zase-
ndle sakha amaselwa asendle
kuzo, sagcwalisa ingubo yaso.
Ngemva kwalokho sabuya sa-
fike sawaqoba sawafaka ebho-
dweni lesitshulu, singazi uku-
thi kwakuyini. **40** Kamuva ba-
siphakela amadodana abapro-
fethi ukuba adle, kodwa la-
pho nje esidla, akhala athi:
"O muntu kaNkulunkulu we-
qiniso, kunoshevu ebhodwe-
ni." Awakwazanga ukusidla.
**41** Ngakho wathi: "Ngilethele-
ni ufulawa." Ngemva kokuwufa-
ka ebhodweni, wathi: "Phakela-
ni abantu." Kwakungasekho lu-
tho olubulalayo ebhodweni.[a]
**42** Kwafika umuntu evela
eBhali-shalisha[b] elethele umu-
ntu kaNkulunkulu weqiniso izi-
nkwa zebhali[c] ezingu-20 eze-
nziwe ngezithelo zokuqala ezi-
vuthiwe kanye nesaka lokudla
okusanhlamvu okusha.[d] U-Eli-
sha wathi: "Nikeza abantu ba-
dle." **43** Nokho, isikhonzi sa-
khe sathi: "Ngingakubeka ka-
njani lokhu phambi kwabantu
abangu-100?"[e] Waphendula wa-
thi: "Nikeza abantu badle, ngo-
ba yilokhu uJehova akusho-
yo, 'Bazodla baze bakushiye.'"[f]
**44** Ngakho sakubeka phambi
kwabo, badla baze bakushiya,[g]
ngokwezwi likaJehova.

**5** Manje uNahamani induna
yempi yenkosi yaseSiriya,
wayeyindoda eyaziwayo, nenko-
si yakhe yayimhlonipha ngo-
ba uJehova wayesebenzise
yena ukusiza iSiriya linqobe izi-
tha zalo.* Wayeyiqhawe, naku-
ba ayenochoko.# **2** Ngolunye
usuku, lapho amaSiriya eyo-
hlasela ezweni lakwa-Israyeli,
afike athumba intombazanya-
na eyaba yincekukazi yomkaNa-
hamani. **3** Le ntombazanyana
yathi kumkaNahamani: "Ukube
nje inkosi yami ibingaya kum-
profethi[h] oseSamariya! Khona-
ke ubeyoyelapha ochokweni

ISAHL. 4
a Mat 17:15, 16; Mar 9:17, 18
b 2Kh 4:21
c 1Kh 17:19, 20; Joh 11:41; IzE 9:40
d 1Kh 17:21, 22; IzE 20:9, 10
e 2Kh 8:1, 5
f Heb 11:35
g Dut 28:23, 24; 2Kh 8:1; Hez 14:13
h 2Kh 2:3, 5
i 2Kh 4:12

Uhla 2
a Eks 15:23-25; 2Kh 2:19-21
b 1Sa 9:3, 4
c Joh 6:9
d 1Sa 9:6, 7
e Mat 14:17; Mar 8:4
f Mat 14:20; Mar 8:8
g Luk 9:17; Joh 6:13

ISAHL. 5
h 1Kh 19:16

5:1 *Noma, "ukusindisa iSiriya."
#Noma, "ayenesifo sesikhumba."

lwayo."[a] 4 Ngakho wahamba*
wayobikela inkosi yakhe ngalo-
kho intombazane yakwa-Israye-
li eyayikushilo.
5 Inkosi yaseSiriya yathi:
"Hamba khona manje! Ngizo-
thumela incwadi enkosini ya-
kwa-Israyeli." Ngakho waha-
mba, ephethe amathalenta*
esiliva ayishumi, namashekeli#
egolide angu-6 000 nezingubo
zokugqoka eziyishumi. 6 Wa-
fika elethe leyo ncwadi enkosi-
ni yakwa-Israyeli, eyayithi: "Ka-
nye nale ncwadi, ngithumele
uNahamani inceku yami kuwe,
ukuze umelaphe ochokweni
lwakhe." 7 Lapho nje inkosi
yakwa-Israyeli iqeda ukufunda
le ncwadi, yaklebhula izingubo
zayo yathi: "NginguNkulunku-
lu yini ukuba ngibulale noku-
ba ngiphilise?[b] Ngoba uthume-
la lo muntu kimi, uthi ngime-
laphe ochokweni lwakhe! Nani
niyazibonela ukuthi ufuna sixa-
bane."
8 Kodwa lapho u-Elisha
umuntu kaNkulunkulu weqini-
so ezwa ukuthi inkosi ya-
kwa-Israyeli yayiklebhule izi-
ngubo zayo, ngaso leso sikha-
thi wathumela umyalezo enko-
sini, wathi: "Uziklebhuleleni izi-
ngubo zakho? Ngicela umthu-
mele lapha kimi ukuze azi
ukuthi kukhona umprofethi
kwa-Israyeli."[c] 9 Ngakho uNa-
hamani wafika ngamahhashi
akhe nangezinqola zakhe ze-
mpi wama phambi komnya-
ngo wendlu ka-Elisha. 10 No-
kho, u-Elisha wathumela isi-
thunywa ukuba sithi kuye:
"Yana eJordani[d] ufike ugeze
khona kasikhombisa,[e] isikhu-
mba* sakho sizolapheka, uhla-
nzeke." 11 Kwamthukutheli-
sa lokhu uNahamani wasuka
wahamba, ethi: "Bengizitshela
ukuthi, 'Uzophuma eze kimi,
ame lapha abize igama likaJe-
hova uNkulunkulu wakhe, azu-
lise isandla sakhe phezu kwe-
ndawo enochoko ukuze alwela-
phe.' 12 Ayingcono yini i-Aba-
na neFariphari, imifula yase-
Damaseku,[a] kunayo yonke imi-
fula yakwa-Israyeli? Ngingege-
ze yini kuyo ngihlanzeke?"
Ngakho waphenduka wahamba
ethukuthele.
13 Izinceku zakhe zasondela
kuye zathi: "Nkosi yami,* uku-
be umprofethi ubekuyale uku-
ba wenze into enzima, ubu-
ngeke yini uyenze? Kanga-
kanani-ke njengoba emane wa-
thi kuwe, 'Geza uhlanzeke'?"
14 Ngakho wehla wacwila#
eJordani kasikhombisa ngo-
kwezwi lomuntu kaNkulunku-
lu weqiniso.[b] Ngemva kwalo-
kho isikhumba* sakhe selaphe-
ka saba njengesikhumba somfa-
na omncane,[c] wahlanzeka.[d]
15 Ngemva kwalokho wa-
phindela kumuntu kaNkulu-
nkulu weqiniso,[e] yena nabo
bonke abantu bakhe,* wafi-
ke wama phambi kwakhe wa-
thi: "Manje sengiyazi ukuthi
akukho Nkulunkulu nomaphi
emhlabeni, ukwa-Israyeli ku-
phela.[f] Manje ngicela wamukele
isipho# esivela encekwini ya-
kho." 16 Nokho, u-Elisha wathi:
"Ngifunga uJehova engimkho-
nzayo,* ngeke ngisamukele."[g]
Wamncenga ukuba asamuke-
le, kodwa wenqaba. 17 Ekugci-
neni uNahamani wathi: "Uma

---

**5:4** *Kungenzeka kushiwo uNahamani. **5:5** *Ithalenta lalilingana no-34,2 kg. Bheka iSithasiselo B14. #Ishekeli lalilingana no-11,4 g. Bheka iSithasiselo B14.

**5:10, 14** *NgesiHebheru, "inyama." **5:13** *NgesiHebheru, "Baba." **5:14** #Noma, "wazicwilisa." **5:15** *NgesiHebheru, "nalo lonke ikamu lakhe." #NgesiHebheru, "isibusiso." **5:16** *NgesiHebheru, "engimi phambi kwakhe."

---

ISAHL. 5
a Mat 8:2
Mat 11:5
Luk 4:27
b Dut 32:39
c 1Kh 17:24
1Kh 19:16
2Kh 3:11, 12
2Kh 8:4
d Joh 9:6, 7
e Lev 14:7
Num 19:4

Uhla 2
a Isay 7:8
b 2Kh 5:10
c Job 33:25
d Luk 4:27
Luk 5:13
e Luk 17:15, 16
f Hu 96:4, 5
Isay 43:10
g Mat 10:8

ungasamukeli, inceku yakho ma-
yinikwe umhlabathi wakule nda-
wo ongathwalwa yiminyuzi emi-
bili, ngoba inceku yakho ngeke
iphinde inikele umnikelo oshi-
swayo noma umhlatshelo kuno-
ma yibaphi abanye onkulu-
nkulu ngaphandle kukaJeho-
va. **18** Kodwa kwangathi uJe-
hova angayithethelela inceku ya-
kho kulokhu nje kuphela: Lapho
inkosi yami iyokhothama ethe-
mpelini* likaRimoni, ibambele-
la engalweni yami, ngakho nami
kudingeka ngikhothame ethe-
mpeleni likaRimoni. Lapho ngi-
khothama ethempelini likaRimo-
ni, kwangathi uJehova angayi-
thethelela inceku yakho nge-
nxa yalokhu.” **19** U-Elisha wa-
thi kuye: “Hamba ngokuthula.”
Lapho esesukile kuye futhi
esehambe ibangana, **20** uGe-
hazi[a] isikhonzi sika-Elisha umu-
ntu kaNkulunkulu weqiniso[b] wa-
thi enhliziyweni yakhe: ‘Inkosi
yami imyekile lo mSiriya ongu-
Nahamani[c] ngokungakwamuke-
li lokho akulethile. Ngifunga
uJehova, ngizogijima ngimla-
ndele ngithathe okuthile kuye.’
**21** Ngakho uGehazi wagijima
walandela uNahamani. Lapho
uNahamani ebona umuntu egi-
jima emlandela, wehla enqole-
ni yakhe wamhlangabeza wa-
thi kuye: “Ingabe konke kuha-
mba kahle?” **22** Wathi: “Konke
kuhamba kahle. Inkosi yami
ingithumile, ithi, ‘Kusanda kufi-
ka kimi izinsizwa ezimbili zivela
ezintabeni zakwa-Efrayimi ema-
dodaneni abaprofethi. Ngicela
uzinike ithalenta lesiliva nezi-
ngubo ezimbili zokugqoka.’ ”[d]
**23** UNahamani wathi: “Watha-
the abe mabili amathalenta.”
Waqhubeka emncenga,[e] wafaka
amathalenta amabili esiliva ne-
zingubo ezimbili zokugqoka ezi-
khwameni ezimbili, wakunikeza
izikhonzi zakhe ezimbili zaku-
phatha zahamba phambi kwa-
khe.

**24** Lapho efika e-Ofeli,* wa-
kuthatha esandleni sazo wa-
kubeka endlini, wawadede-
la la madoda ahamba. Nge-
mva kokuba esehambile,
**25** yena wangena wama eduze
kwenkosi yakhe. U-Elisha wa-
thi kuye: “Uvelaphi Gehazi?”
Kodwa yena wathi: “Inceku
yakho ayizange iye ndawo.”[a]
**26** U-Elisha wathi kuye: “Uca-
banga ukuthi angazi yini uku-
thi ulandele le ndoda ebi-
lapha nokuthi yehlile enqole-
ni yayo yakuhlangabeza? Inga-
be lesi yisikhathi sokwamu-
kela isiliva noma sokwamuke-
la izingubo noma izihlahla ze-
minqumo noma insimu yamagi-
lebhisi noma izimvu noma izi-
nkomo noma izinceku noma izi-
ncekukazi?[b] **27** Manje uchoko
lukaNahamani[c] luzonamathela
kuwe nasenzalweni yakho kuze
kube phakade.” Masinyane wa-
phuma phambi kwakhe, eno-
choko, emhlophe njengeqhwa.[d]

**6** Amadodana abaprofethi[e]
athi ku-Elisha: “Sesiminye-
ne kakhulu kule ndawo esihla-
la kuyo nawe. **2** Sicela ukuha-
mba siye eJordani. Yilowo na-
lowo uzothatha ugodo lapho si-
zakhele khona indawo esizo-
hlala kuyo.” Wathi: “Hamba-
ni.” **3** Enye yawo yathi: “Ngi-
cela uhambe nathi.”* Yena wa-
thi: “Ngizohamba nani.”
**4** Ngakho wahamba nawo, afi-
ka eJordani agawula izihlahla.
**5** Njengoba enye yawo iga-
wula isihlahla, imbazo yawe-
la emanzini, yamemeza yathi:
“Maye, nkosi yami, ibiboleki-

ISAHL. 5
a 2Kh 4:12; 2Kh 8:4
b 1Kh 17:24
c 2Kh 5:1; Luk 4:27
d 2Kh 5:5
e 2Kh 5:16

Uhla 2
a IzE 5:8, 9
b Mat 10:8; Luk 12:15; IzE 20:33; 1Ti 6:10
c 2Kh 5:1
d Eks 4:6; Num 12:10

ISAHL. 6
e 2Kh 2:3, 5; 2Kh 9:1

**5:18** *Noma, “endlini.”

**5:24** *Indawo eseSamariya, ingaba igquma noma inqaba. **6:3** *NgesiHebheru, “nezinceku zakho.”

we!" **6** Umuntu kaNkulunkulu weqiniso wathi: "Iwelephi?" Ngakho yambonisa leyo ndawo. Wagawula ukhuni waluphonsa lapho, imbazo yantanta. **7** Wathi: "Ikhiphe." Ngakho yelula isandla yayithatha.

**8** Inkosi yaseSiriya yalwa no-Israyeli.[a] Yacebisana nezinceku zayo yazitshela ukuthi zizokanisa kuyiphi indawo kanye nayo. **9** Umuntu kaNkulunkulu weqiniso[b] wathumela umyalezo enkosini yakwa-Israyeli, wathi: "Qaphela ungadluli ngakule ndawo, ngoba yilapho amaSiriya ezokwehlela khona ezokuhlasela." **10** Ngakho inkosi yakwa-Israyeli yathumela umyalezo yaxwayisa abantu ababehlala endaweni umuntu kaNkulunkulu weqiniso ayekhulume ngayo. Wayelokhu eyixwayisa, yona yadeda kuleyo ndawo izikhathi eziningana.*[c]

**11** Lokhu kwayithukuthelisa inkosi* yaseSiriya, ngakho yabiza izinceku zayo yathi kuzo: "Ngitsheleni! Ubani phakathi kwethu ocheme nenkosi yakwa-Israyeli?" **12** Enye yezinceku zakhe yathi: "Akekho noyedwa nkosi yami! Ngu-Elisha umprofethi okwa-Israyeli otshela inkosi yakwa-Israyeli izinto ozikhuluma ekamelweni lakho lokulala."[d] **13** Yathi: "Hambani niyomfuna nithole ukuthi ukuphi, ukuze ngithumele amadoda ayombamba." Kamuva kwabikwa kuyo, kwathiwa: "UseDothani."[e] **14** Ngokushesha yathumela amahhashi nezinqola zempi kuleyo ndawo kanye nebutho lempi elikhulu; lafika ebusuku lazungeza idolobha.

**15** Lapho isikhonzi somuntu kaNkulunkulu weqiniso sivuka ekuseni siphumela phandle, sabona ibutho lempi namahhashi nezinqola zempi kuzungeze idolobha. Ngaso leso sikhathi isikhonzi sathi kuye: "Maye nkosi yami! Sizokwenzenjani?" **16** Kodwa wathi: "Ungesabi![a] Ngoba baningi abanathi kunanabo."[b] **17** U-Elisha wathandaza wathi: "O Jehova, ngicela uvule amehlo akhe, ukuze abone."[c] Masinyane uJehova wawavula amehlo alesi sikhonzi, sabona, bheka! ezintabeni kwakugcwele amahhashi nezinqola zempi zomlilo[d] nxazonke zika-Elisha.[e]

**18** Lapho amaSiriya ehlela kuye, u-Elisha wathandaza ku-Jehova wathi: "Ngicela ushaye lesi sizwe ngobumpumputhe."[f] Ngakho wasishaya ngobumpumputhe, njengoba nje u-Elisha ayecelile. **19** Manje u-Elisha wathi kuwo: "Akuyona indlela le, futhi akulona idolobha enilifunayo leli. Ngilandeleni, nginiholele kumuntu enimfunayo." Nokho, wawaholela eSamariya.[g]

**20** Lapho befika eSamariya, u-Elisha wathi: "O Jehova, vula amehlo abo ukuze babone." Ngakho uJehova wawavula amehlo abo, babona ukuthi babephakathi eSamariya. **21** Lapho inkosi yakwa-Israyeli ibabona, yathi ku-Elisha: "Ngibabulale yini, ngibabulale yini, nkosi yami?" **22** Kodwa wathi: "Ungababulali. Uyababulala yini labo obathumbe ngenkemba yakho nangomnsalo wakho? Banike ukudla namanzi badle baphuze[h] bese bebuyela enkosini yabo." **23** Ngakho wabenzela idili elikhulu, badla baphuza, ngemva kwalokho wabadedela babuyela enkosini

**ISAHL. 6**

*a* 1Kh 20:1, 34; 1Kh 22:31
*b* 1Kh 17:24
*c* Mat 2:12
*d* Dan 2:22, 28
*e* Gen 37:16, 17

**Uhla 2**

*a* Eks 14:13; Hu 3:6
*b* 2Sa 22:31; 2Kr 32:7; Hu 18:2; Hu 27:3; Hu 46:7; Hu 55:18; Hu 118:11; Rom 8:31
*c* IzE 7:56
*d* 2Kh 2:11; Hu 68:17; Zak 6:1
*e* Hu 34:7; Mat 26:53
*f* Gen 19:10, 11
*g* 1Kh 16:29
*h* IzA 25:21; Rom 12:20

**6:10** *Noma, "izikhathi ezingaphezu kwesisodwa noma ezimbili." **6:11** *NgesiHebheru, "inhliziyo yenkosi."

yabo. Amaviyo abaphangi ase-
Siriya[a] awaphindanga eza
ezweni lakwa-Israyeli.
**24** Kamuva uBheni-hadadi
inkosi yaseSiriya waqoqela
ndawonye lonke ibutho* lakhe
wakhuphuka wayovimbezela
iSamariya.[b] **25** Ngakho kwa-
ba nendlala enkulu[c] eSamari-
ya, balivimbezela kwaze kwa-
ba yilapho inhloko yembo-
ngolo[d] ibiza izinhlamvu zesili-
va ezingu-80, nezandla ezimbi-
li ezigcwele* zomquba wamaju-
ba zibiza izinhlamvu ezinhlanu
zesiliva. **26** Lapho inkosi ya-
kwa-Israyeli idlula ihamba phe-
zu kodonga, owesifazane othi-
le wayimemeza wathi: "Nkosi
yami, sisize!" **27** Yathi: "Uma
uJehova engakusizi, nginga-
kusiza kanjani mina? Ucaba-
nga ukuthi ngingakuthatha-
phi ukudla, iwayini noma ama-
futha engingakunika kona?"
**28** Inkosi yambuza: "Kwenze-
njani?" Yena wathi: "Lona wesi-
fazane uthe kimi, 'Letha indo-
dana yakho siyidle namuhla,
kusasa sizodla indodana yami.'[e]
**29** Ngakho siyiphekile indoda-
na yami sayidla.[f] Ngosuku olu-
landelayo ngithe kuye, 'Letha
indodana yakho siyidle.' Kodwa
wayifihla indodana yakhe."
**30** Kwathi nje lapho inkosi
izwa amazwi alona wesifazane,
yaklebhula izingubo zayo.[g] La-
pho idlula ngasodongeni, aba-
ntu babona ukuthi yayigqoke
indwangu yesaka ngaphansi
kwezingubo zayo.* **31** Yathi:
"Kwangathi uNkulunkulu anga-
ngijezisa kanzima uma ikhanda
lika-Elisha indodana kaShafati
liqhubeka likuye namuhla!"[h]

**32** U-Elisha wayehlezi endli-
ni yakhe, ehlezi namado-
da amadala. Inkosi yathume-
la umuntu phambi kwayo, ko-
dwa ngaphambi kokuba leso si-
thunywa sifike, u-Elisha wa-
thi emadodeni amadala: "Niyi-
bonile yini indlela le ndoda-
na yombulali[a] ethumele ngayo
ukuba kushumpulwe ikhanda
lami? Qaphelani lapho isithu-
nywa sifika, nivale umnyango,
niwucindezele ukuze singange-
ni. Inkosi yaso iyasilandela."
**33** Esakhuluma nawo, isithu-
nywa safika, inkosi yathi: "Le
nhlekelele ivela kuJehova. Ku-
ngani kusafanele ngilinde usizo
oluvela kuJehova?"

**7** U-Elisha wathi, "Lalelani
izwi likaJehova. Yilokhu
uJehova akushoyo, 'Kusasa
ngalezi zikhathi iseya* likafula-
wa ocolekile lizobe libiza ishe-
keli,# namaseya amabili ebhali
azobe ebiza ishekeli esangwe-
ni△ laseSamariya.'"[b] **2** Isekela
lomlawuli wempi elaliyisethe-
njwa senkosi lathi kumuntu ka-
Nkulunkulu weqiniso: "Ngisho
noma uJehova engavula ama-
sango ezikhukhula emazulwi-
ni, ingabe leyo nto ingenze-
ka?"*[c] U-Elisha wathi: "Uzozi-
bonela ngawakho amehlo,[d] ko-
dwa ngeke udle kukho."[e]
**3** Kwakukhona amadoda
amane anochoko esangweni le-
dolobha,[f] athi omunye komu-
nye: "Sizoze sife silibele uku-
hlala lapha. **4** Uma sithi, 'Ma-
singene edolobheni,' njengoba
idolobha lisakhungethwe indla-
la,[g] sizofela khona. Uma sihla-
la lapha, nakhona sizofa. Nga-
kho masiyeni ekamu lama-

ISAHL. 6
a 2Kh 5:2
b Dut 28:52; 1Kh 20:1
c Lev 26:26; Dut 28:15, 17
d Dut 14:3; Hez 4:14
e Lev 26:29; Dut 28:53-57; Hez 5:10
f IsiL 4:10
g Gen 37:29; 1Kh 21:27
h Jer 38:4

Uhla 2
a 1Kh 18:13; 1Kh 21:9, 10

ISAHL. 7
b Dut 32:36; 2Kh 7:18
c Num 14:11
d Num 11:23
e 2Kh 7:17
f Lev 13:45, 46
g 2Kh 6:25

**6:24** *NgesiHebheru, "ikamu." **6:25** *NgesiHebheru, "nengxenye eyodwa kwezine yekhabhu." Ikhabhu lalilingana no-1,22 L. Bheka iSithasiselo B14. **6:30** *Noma, "ngaphansi, enyameni."

**7:1** *Iseya lalilingana no-7,33 L. Bheka iSithasiselo B14. #Ishekeli lalilingana no-11,4 g. Bheka iSithasiselo B14. △Noma, "emakethe." **7:2** *NgesiHebheru, "leli zwi belingagcwaliseka."

Siriya. Uma engasibulali, sizo-
phila, kodwa uma esibulala,
sizofa.” **5** Ngakho lapho seku-
hlwile asuka angena ekamu la-
maSiriya. Lapho efika emaphe-
thelweni ekamu lamaSiriya,
kwakungekho muntu.

**6** UJehova wayebangele uku-
ba ikamu lamaSiriya lizwe umsi-
ndo wezinqola zempi namahha-
shi, umsindo webutho elikhulu.[a]
Ngakho bathi omunye komunye:
“Bheka! Inkosi yakwa-Israyeli
isiqashele amakhosi amaHeti
namakhosi aseGibhithe ukuba
asihlasele!” **7** Masinyane basu-
ka babaleka ngobumnyama ba-
shiya amatende, amahhashi, izi-
mbongolo nalo lonke ikamu li-
njengoba linjalo, babaleka besi-
ndisa ukuphila kwabo.*

**8** Lapho laba abanochoko
befika emaphethelweni ekamu,
bangena kwelinye lamatende
badla baphuza. Bathatha isili-
va, igolide nezingubo bahamba
bayokufihla. Ngemva kwalokho
babuya bangena kwelinye ite-
nde bathatha izinto lapho ba-
hamba bayozifihla.

**9** Ekugcineni bathi omunye
komunye: “Akulungile lokhu
esikwenzayo. Lolu usuku lwe-
zindaba ezimnandi! Uma sizi-
ndela, silinda kuze kube seku-
seni, sizojeziswa. Manje masi-
hambe siyobika lokhu endlini
yenkosi.” **10** Ngakho beza ba-
fike bamemeza abalindi besa-
ngo ledolobha babika kubo, ba-
thi: “Siye ekamu lamaSiriya,
kodwa bekungekho muntu, na-
msindo wamuntu. Bekungama-
hhashi nje kuphela eboshiwe
nezimbongolo ziboshiwe nama-
tende eshiywe enjengoba enja-
lo.” **11** Abalindi besango ba-
memeza, kwabikwa endlini ye-
nkosi.

**12** Ngaso leso sikhathi inko-
si yavuka ebusuku yathi ezi-
ncekwini zayo: “Ngicela ukuni-
tshela lokho amaSiriya akwe-
nzile kithi. Ayazi ukuthi sila-
mbile,[a] ngakho aphumile eka-
mu ayocasha esigangeni, ethi,
‘Bazophuma edolobheni, bese
sibabamba bephila, singene
edolobheni.’ ”[b] **13** Enye yezi-
nceku zayo yathi: “Kusele ama-
hhashi amahlanu edolobheni.
Khetha amadoda uwathumele
ukuze sibone ukuthi kwenze-
keni ngempela. Kungakhathali-
seki ukuthi ayahamba noma
awahambi azofa vele njenga-
wo wonke ama-Israyeli asele la-
pha.” **14** Ngakho athatha izi-
nqola ezimbili kanye namahha-
shi, inkosi yawathuma ukuba
aye ekamu lamaSiriya, yathi:
“Hambani niyobheka.” **15** La
madoda awalandela amaSiri-
ya aze afika eJordani, yonke
indlela yayigcwele izingubo ne-
zinto amaSiriya ayezintshingi-
le njengoba ayebaleka ethukile.
Izithunywa zabuya zakubika lo-
khu enkosini.

**16** Abantu baphuma bapha-
nga ikamu lamaSiriya, okwe-
nza iseya likafulawa ocolekile
labiza ishekeli, amaseya ama-
bili ebhali abiza ishekeli, ngo-
kwezwi likaJehova.[c] **17** Inko-
si yayimise isekela lomlawuli
wempi eyayilethemba ukuba li-
gade esangweni, kodwa aba-
ntu balinyathela esangweni
laze lafa, njengoba nje umu-
ntu kaNkulunkulu weqiniso
ayeyitshelile inkosi ngesikha-
thi inkosi ize kuye. **18** Kwe-
nzeka njengoba nje umuntu
kaNkulunkulu weqiniso aye-
shilo enkosini, wathi: “Kusa-
sa ngalesi sikhathi esangweni
laseSamariya amaseya amabili
ebhali azobiza ishekeli neseya
elilodwa likafulawa ocolekile

ISAHL. 7
a Dut 28:7
2Sa 5:24

Uhla 2
a 2Kh 6:25
2Kh 6:28, 29

b Jos 8:4, 12
Hlu 20:29, 37

c Num 23:19
2Kh 7:1
Isay 55:10, 11

**7:7** *Noma, “imiphefumulo yabo.”

lizobiza ishekeli."[a] **19** Kodwa
isekela lomlawuli wempi lali-
the kumuntu kaNkulunkulu
weqiniso: "Ngisho noma uJeho-
va engavula amasango ezikhu-
khula emazulwini, ingabe leyo
nto ingenzeka?"* U-Elisha wa-
yethe: "Uzozibonela ngawakho
amehlo, kodwa ngeke udle ku-
kho." **20** Yilokho kanye okwe-
nzeka kulo, abantu balinyathe-
la esangweni laze lafa.

**8** U-Elisha wathi kowesifaza-
ne ayevuse indodana ya-
khe:[b] "Suka uhambe, wena
nomndeni wakho, uyohlala ku-
noma yiliphi izwe ongahlala
kulo, ngoba uJehova ubikeze-
le ukuthi kuzoba nendlala[c] ezo-
thatha iminyaka eyisikhombisa
ezweni." **2** Ngakho lona wesi-
fazane wasuka wenza njengo-
ba umuntu kaNkulunkulu we-
qiniso ayeshilo. Wahamba nom-
ndeni wakhe wayohlala ezweni
lamaFilisti[d] iminyaka eyisikho-
mbisa.

**3** Ekupheleni kweminyaka
eyisikhombisa lona wesifaza-
ne wabuya ezweni lamaFilisti
waya enkosini eyokhala nge-
ndlu yakhe nangensimu yakhe.
**4** Manje inkosi yayikhuluma
noGehazi isikhonzi somuntu
kaNkulunkulu weqiniso, ithi:
"Ngicela ungilandise zonke izi-
nto ezinkulu u-Elisha azenzi-
le."[e] **5** Njengoba ayesalandisa
inkosi ukuthi u-Elisha wamvu-
sa kanjani owayefile,[f] owesifa-
zane ondodana yakhe yayivu-
swe ngu-Elisha wafika enkosi-
ni ezokhala ngendlu yakhe na-
ngensimu yakhe.[g] Ngaso leso
sikhathi uGehazi wathi: "Nkosi
yami, nguye-ke lo wesifazane,
futhi yiyo le indodana yakhe
eyavuswa u-Elisha." **6** Inkosi
yambuza lo wesifazane, wabe

**7:19** *NgesiHebheru, "izwi elinjengaleli belingagcwaliseka."

eseyilandisa le ndaba. Ngemva
kwalokho inkosi yathuma isi-
khulu segceke, yathi: "Buyise-
la konke okungokwakhe, um-
khokhele nemali abezoyithola
ngesivuno sakhe kusukela aha-
mba ezweni kuze kube ma-
nje."

**7** U-Elisha wafika eDama-
seku[a] ngesikhathi uBheni-
hadadi[b] inkosi yaseSiriya egu-
la. Ngakho watshelwa, kwa-
thiwa: "Umuntu kaNkulunku-
lu weqiniso[c] ufikile lapha."
**8** Inkosi yathi kuHazayeli:[d]
"Thatha isipho uhambe uye ku-
muntu kaNkulunkulu weqini-
so,[e] umcele angibuzele kuJe-
hova ukuthi ngizolulama yini
kulokhu kugula?" **9** UHazaye-
li waya kuye ephethe izipho,
yonke inhlobo yezinto ezinhle
zaseDamaseku, zithwelwe ama-
kamela angu-40. Wafika wama
phambi kwakhe wathi: "Ince-
ku yakho uBheni-hadadi, inko-
si yaseSiriya, ingithume kuwe,
ithi, 'Ngizolulama yini kulokhu
kugula?'" **10** U-Elisha wathi
kuye: "Hamba, uthi kuye, 'Uzo-
lulama nakanjani,' kodwa uJe-
hova ungibonisile ukuthi uzofa
nakanjani."[f] **11** U-Elisha wam-
gqolozela emehlweni uHazayeli
waze waba namahloni. Nge-
mva kwalokho umuntu ka-
Nkulunkulu weqiniso wakha-
la. **12** UHazayeli wathi: "Ikha-
lelani inkosi yami?" Waphendu-
la wathi: "Ngoba ngiyabazi ubu-
bi ozobenza kuma-Israyeli.[g] Izi-
nqaba zawo uzozishisa ngomli-
lo, izinsizwa zawo ezingama-
qhawe uzozibulala ngenkemba,
abantwana bawo uzobaphahla-
za babe yizicucu nabesifazane
bawo abakhulelwe uzobaqha-
qha."*[h] **13** UHazayeli wathi:
"Inceku yakho, eyinja nje, inga-
yenza kanjani into enjalo?" Ko-

**8:12** *Noma, "uzobahlinza."

ISAHL. 7
a 2Kh 7:1, 2

ISAHL. 8
b 2Kh 4:32-35
c Lev 26:19; Dut 28:15, 23; 1Kh 17:1
d Jos 13:2, 3
e 2Kh 2:14; 2Kh 2:20, 21; 2Kh 3:17; 2Kh 4:4, 7; 2Kh 6:5-7; 2Kh 7:1
f 2Kh 4:32-35
g Num 36:9

Uhla 2
a Isay 7:8
b 1Kh 20:1; 2Kh 6:24
c 1Kh 17:24
d 1Kh 19:15
e 1Sa 9:8; 1Kh 14:2, 3
f 2Kh 8:15
g 2Kh 10:32; 2Kh 12:17; 2Kh 13:3; Amo 1:3
h Dut 28:63; Amo 1:13

dwa u-Elisha wathi: "UJehova ungibonisile ukuthi wena uzoba yinkosi phezu kweSiriya."[a]

**14** Ngemva kwalokho wasuka ku-Elisha wabuyela enkosini yakhe, yona yathi kuye: "Utheni u-Elisha kuwe?" Wathi: "Ungitshele ukuthi uzolulama nakanjani."[b] **15** Kodwa ngosuku olulandelayo, uHazayeli wathatha indwangu yokumboza umbhede wayicwilisa emanzini wamboza ngayo ubuso benkosi yangakwazi ukuphefumula yaze yafa.[c] UHazayeli wabusa esikhundleni sayo.[d]

**16** Ngonyaka wesihlanu kaJehoramu[e] indodana ka-Ahabi inkosi yakwa-Israyeli, uJehoramu[f] indodana kaJehoshafati waba yinkosi yakwaJuda, ngesikhathi uyise uJehoshafati eseyinkosi. **17** Wayeneminyaka engu-32 lapho eba yinkosi, wabusa iminyaka engu-8 eJerusalema. **18** Wahamba endleleni yamakhosi akwa-Israyeli,[g] njengoba nje babenzile abendlu ka-Ahabi,[h] ngoba wayeshade nendodakazi ka-Ahabi;[i] waqhubeka enza okubi emehlweni kaJehova.[j] **19** Kodwa uJehova akafunanga ukumchitha uJuda ngenxa kaDavide inceku yakhe,[k] ngoba wayemthembise ukuthi kwakuyohlale kubusa inzalo yakhe eJerusalema.[l]

**20** Ezinsukwini zakhe u-Edomi wavukela uJuda[m] wayesebeka eyakhe inkosi.[n] **21** Ngakho uJehoramu wawelela eZayiri nazo zonke izinqola zakhe, wavuka ebusuku wanqoba ama-Edomi ayemhaqile nezinduna zezinqola; amabutho abalekela ematendeni awo. **22** Kodwa u-Edomi akazange ayeke ukuvukela uJuda kuze kube namuhla. ILibhina[o] nalo laqala ukuvukela ngaleso sikhathi.

**23** Wonke omunye umlando kaJehoramu, konke akwenza, kulotshiwe encwadini yomlando wamakhosi akwaJuda. **24** Ekugcineni uJehoramu wafa wangcwatshwa nokhokho bakhe eDolobheni LikaDavide.[a] U-Ahaziya indodana yakhe[b] wabusa esikhundleni sakhe.

**25** Ngonyaka ka-12 kaJehoramu indodana ka-Ahabi inkosi yakwa-Israyeli, u-Ahaziya indodana kaJehoramu inkosi yakwaJuda waba yinkosi.[c] **26** U-Ahaziya wayeneminyaka engu-22 lapho eba yinkosi, wabusa unyaka owodwa eJerusalema. Igama likanina kwakungu-Athaliya[d] umzukulu* ka-Omri inkosi[e] yakwa-Israyeli. **27** Wahamba endleleni yendlu ka-Ahabi,[f] waqhubeka enza okubi emehlweni kaJehova, njengoba kwakwenza indlu ka-Ahabi, ngoba wayehlobene nendlu ka-Ahabi.[g] **28** Ngakho wahamba noJehoramu indodana ka-Ahabi beyokulwa noHazayeli inkosi yaseSiriya eRamoti-gileyadi,[h] kodwa amaSiriya amlimaza uJehoramu.[i] **29** INkosi uJehoramu yabuyela eJizreyeli[j] ukuze kuphole amanxeba eyayiwathole kumaSiriya eRama ngesikhathi belwa noHazayeli inkosi yaseSiriya.[k] U-Ahaziya indodana kaJehoramu inkosi yakwaJuda wehla waya eJizreyeli eyobona uJehoramu indodana ka-Ahabi, ngoba wayelimele.*

**9** U-Elisha umprofethi wabiza enye yamadodana abaprofethi wathi kuyo: "Zilungiselele, uthathe la mafutha ngokushesha uhambe uye eRamoti-gileyadi.[l] **2** Lapho ufika khona, funa uJehu[m] indodana

ISAHL. 8
- a 1Kh 19:15
- b 2Kh 8:10
- c 1Kh 16:8, 10; 2Kh 11:1; 2Kh 15:8, 10
- d 1Kh 19:15
- e 2Kh 1:17
- f 1Kh 22:50; 2Kr 21:3, 5
- g 1Kh 12:28-30
- h 1Kh 16:32, 33; 1Kh 21:25
- i 2Kh 8:26, 27; 2Kr 18:1
- j 2Kr 21:6, 7
- k Gen 49:10; 2Sa 7:16, 17
- l 1Kh 11:36; Hu 132:17
- m Gen 27:40; 2Sa 8:14
- n 1Kh 22:47; 2Kr 21:8-10
- o Jos 21:13; 2Kh 19:8

Uhla 2
- a 1Kh 2:10; 2Kr 21:18-20
- b 1Kr 3:10, 11; 2Kr 21:16, 17; 2Kr 22:1, 2
- c 2Kh 9:29
- d 2Kh 11:1; 2Kh 11:13, 16
- e 1Kh 16:16, 23
- f 1Kh 16:33
- g 2Kh 8:16, 18; 2Kr 22:3, 4
- h Jos 21:38; 1Kh 22:2, 3
- i 1Kh 19:17; 2Kr 22:5
- j Jos 19:17, 18; 1Kh 21:1; 2Kr 22:6
- k 2Kh 9:15

ISAHL. 9
- l 2Kh 8:25, 28
- m 1Kh 19:16, 17

**8:26** *NgesiHebheru, "indodakazi."
**8:29** *Noma, "wayegula."

kaJehoshafati indodana kaNimishi; ungene umsukumise phakathi kwabafowabo uye naye ekamelweni. **3** Uthathe amafutha uwathele ekhanda lakhe uthi, ‘Yilokhu uJehova akushoyo: “Ngiyakugcoba ukuba ube yinkosi phezu kuka-Israyeli.’ ”[a] Ngemva kwalokho uvule umnyango ubaleke ungalindi.”

**4** Ngakho isikhonzi somprofethi sahamba saya eRamoti-gileyadi. **5** Lapho sifika, izinduna zebutho lempi zazihlezi lapho. Sathi: “Nduna, nginomyalezo wakho.” UJehu wathi: “Okabani phakathi kwethu?” Sona sathi: “Owakho, nduna.” **6** Ngakho uJehu wasukuma wangena endlini; isikhonzi sathela amafutha ekhanda lakhe sathi kuye, “Yilokhu uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli akushoyo, ‘Ngiyakugcoba ukuba ube yinkosi phezu kwabantu bakaJehova, phezu kuka-Israyeli.[b] **7** Kumele uqothule indlu ka-Ahabi inkosi yakho, ngizophindiselela igazi lezinceku zami abaprofethi nelazo zonke ezinye izinceku zikaJehova ezabulawa uJezebeli.[c] **8** Yonke indlu ka-Ahabi izoshabalala; ngizobaqothula bonke abesilisa* endlini ka-Ahabi, nawo wonke umuntu ongakwazi ukuzisiza nophansi kwa-Israyeli.[d] **9** Ngizokwenza indlu ka-Ahabi ibe njengendlu kaJerobowamu[e] indodana kaNebhati nanjengendlu kaBhahasha[f] indodana ka-Ahiya. **10** UJezebeli yena uyodliwa yizinja eJizreyeli,[g] akekho oyomngcwaba.’ ” Ngemva kwalokho isikhonzi savula umnyango sabaleka.[h]

**11** Lapho uJehu ebuyela ezincekwini zenkosi yakhe, zathi kuye: “Ingabe konke kuhamba kahle? Ubezofunani kuwe lo muntu osangene?” Yena wathi kuzo: “Nani niyamazi lo muntu nezinto azikhulumayo.” **12** Kodwa zathi: “Unamanga! Sicela usitshele.” Wabe esethi: “Yilokhu akushilo kimi, waphinde wathi, ‘Yilokhu uJehova akushoyo: “Ngiyakugcoba ukuba ube yinkosi phezu kuka-Israyeli.” ’ ”[a] **13** Lapho zizwa lokhu, ngokushesha ngayinye yathatha ingubo yayo yayibeka phezu kwezitebhisi ukuze ame phezu kwazo,[b] zase zishaya uphondo zathi: “UJehu useyinkosi!”[c] **14** UJehu[d] indodana kaJehoshafati indodana kaNimishi wakhela uJehoramu uzungu.

UJehoramu wayekade eqaphe eRamoti-gileyadi,[e] yena kanye no-Israyeli wonke, ngenxa kaHazayeli[f] inkosi yaseSiriya. **15** Kamuva iNkosi uJehoramu yabuyela eJizreyeli[g] ukuze kuphole amanxeba eyayiwalinyazwe amaSiriya lapho ilwa noHazayeli inkosi yaseSiriya.[h]

UJehu manje wathi: “Uma ningakimi, ningavumeli muntu ukuba aphunyuke kuleli dolobha ayobika eJizreyeli.” **16** UJehu wagibela inqola yakhe waya eJizreyeli, ngoba uJehoramu wayelele khona elimele, futhi u-Ahaziya inkosi yakwaJuda wayehlile ukuyobona uJehoramu. **17** Njengoba umlindi ayemi embhoshongweni eJizreyeli, wabona kuza iviyo lamadoda kaJehu. Ngaso leso sikhathi wathi: “Ngibona iviyo lamadoda.” UJehoramu wathi: “Thumela umgibeli wehhashi awahlangabeze, afike athi, ‘Ingabe nize ngokuthu-

---

9:8 *NgesiHebheru, “noma ubani ochamela udonga.” Inkulumo yesiHebheru yokwedelela ebhekisela kwabesilisa.

ISAHL. 9
a 2Kr 22:7
b 1Kh 19:16
c 1Kh 18:4; 1Kh 19:2; 1Kh 21:15, 25; Luk 18:7
d 1Kh 21:20, 21
e 1Kh 15:28, 29
f 1Kh 16:11, 12
g 1Kh 21:23
h 2Kh 9:3

Uhla 2
a 2Kh 9:6
b Mat 21:7
c 2Sa 15:10; 1Kh 1:34, 39
d 1Kh 19:16
e 2Kh 8:28
f 1Kh 19:15; 2Kh 8:15; 2Kh 10:32
g Jos 19:17, 18; 1Kh 21:1
h 2Kr 22:6

la?’ ” **18** Ngakho umgibeli we-
hhashi wahamba eyomhlanga-
beza wathi kuye: “Yilokhu
inkosi ekushoyo, ‘Ingabe uze
ngokuthula?’ ” Kodwa uJehu
wathi: “Uhlangene ngani wena
‘nokuthula’? Yana emva kwa-
mi!”

Umlindi waphinde wabi-
ka, wathi: “Isithunywa sifiki-
le kubo, kodwa asibuyanga.”
**19** Ngakho wathumela umgi-
beli wehhashi wesibili, owathi
lapho efika kubo, wathi: “Yi-
lokhu inkosi ekushoyo, ‘Ingabe
nize ngokuthula?’ ” Kodwa uJe-
hu wathi: “Uhlangene ngani
wena ‘nokuthula’? Yana emva
kwami!”

**20** Umlindi wabika wathi:
“Ufikile kubo, kodwa akabu-
yanga, futhi indlela yokusha-
yela injengokushayela kukaJe-
hu umzukulu* kaNimishi, ngo-
ba ushayela njengohlanya.”
**21** UJehoramu wathi: “Bophe-
la!” Ngakho inqola yakhe yempi
yaboshelwa futhi uJehoramu
inkosi yakwa-Israyeli no-Ahazi-
ya inkosi[a] yakwaJuda baphuma
beyohlangabeza uJehu, yilowo
nalowo esenqoleni yakhe ye-
mpi. Bahlangana naye ensimini
kaNabhoti[b] umJizreyeli.

**22** Ngokushesha nje lapho
uJehoramu ebona uJehu,
wathi: “Ingabe uze ngoku-
thula, Jehu?” Kodwa yena wa-
thi: “Kuthula kuni okunga-
ba khona uma kusekhona
ubufebe bukaJezebeli[c] unyo-
ko nobuthakathi bakhe obuni-
ngi?”[d] **23** Khona manjalo uJe-
horamu wajikisa inqola ya-
khe ukuze abaleke, wathi ku-
Ahaziya: “Uzungu lolu, Ahazi-
ya!” **24** UJehu wathatha um-
nsalo wacibishela uJehoramu
phakathi kwamahlombe, umci-
bisholo waphumela enhliziywe-
ni yakhe, wawa enqoleni yakhe
yempi. **25** Wabe esethi kuBi-
dikari isekela lomlawuli we-
mpi yakhe: “Mphakamise um-
phonse ensimini kaNabhoti
umJizreyeli.[a] Khumbula uku-
thi mina nawe sasigibele nda-
wonye silandela uyise u-Ahabi,
ngesikhathi uJehova ngokwa-
khe enza lesi simemezelo ngo-
kumelene naye:[b] **26** ‘“Njengo-
ba nje ngibone igazi likaNa-
bhoti[c] negazi lamadodana akhe
izolo,” kusho uJehova, “ngizo-
baphindiselela[d] kuwe kuyo ka-
nye le nsimu,” kusho uJeho-
va.’ Ngakho manje mphakamise
umphonse ensimini ngokwezwi
likaJehova.”[e]

**27** Lapho u-Ahaziya[f] inkosi
yakwaJuda ebona lokho okwa-
kwenzeka, wabaleka ngendle-
la edlula ngasengadini enku-
lu.* (Kamuva uJehu wamjaha
wathi: “Naye mcibeni!” Nga-
kho bamciba esenqoleni endle-
leni enyukela eGuri, ngaseJi-
bhileyamu.[g] Kodwa waqhube-
ka ebaleka waya eMegido wa-
fike wafela khona. **28** Izince-
ku zakhe zamthwala ngenqo-
la zamyisa eJerusalema, zam-
ngcwaba ethuneni lakhe kanye
nokhokho bakhe eDolobheni
LikaDavide.[h] **29** U-Ahaziya[i]
wayebe inkosi kwaJuda ngo-
nyaka ka-11 wokubusa ku-
kaJehoramu indodana ka-Aha-
bi.)

**30** Lapho uJehu efika eJi-
zreyeli,[j] uJezebeli[k] wezwa nga-
kho. Ngakho wazigcoba phe-
zu kwamehlo* ngesimonyo
esimnyama, walungisa kahle
ikhanda lakhe wayeselunguza
phansi ngefasitela. **31** La-
pho uJehu engena ngesango,

**9:20** *NgesiHebheru, “indodana.”

**9:27** *NgesiHebheru, “ngasendlini esengadini.” **9:30** *Noma, “wazipenda amehlo.”

ISAHL. 9
- *a* 2Kh 8:25, 2Kh 8:29, 2Kr 22:7
- *b* 1Kh 21:1, 15
- *c* 1Kh 16:31, 1Kh 18:4, 1Kh 19:2, 1Kh 21:7
- *d* Lev 20:6, Dut 18:10, 1Kh 18:19

Uhla 2
- *a* 1Kh 21:19
- *b* 1Kh 21:29
- *c* Gen 4:8, 10, Hu 9:12, Hu 72:14
- *d* Gen 9:5, Lev 24:17
- *e* 1Kh 21:24
- *f* 2Kh 8:29, 2Kr 22:7
- *g* Jos 17:11
- *h* 2Sa 5:7
- *i* 2Kh 8:24, 2Kr 22:2
- *j* 1Kh 21:1
- *k* 1Kh 16:31, 1Kh 21:25

uJezebeli wathi: "Ucabanga
ukuthi kwamhambela kahle
yini uZimri, umbulali wenko-
si yakhe?"[a] **32** UJehu wabhe-
ka phezulu efasiteleni wathi:
"Ngubani ongakimi? Ngubani?"[b]
Masinyane izikhulu ezimbili
noma ezintathu zegceke zalu-
nguza phansi kuye. **33** Wa-
thi: "Mphonseni phansi!" Nga-
kho zamphonsa, elinye igazi
lakhe lachaphazeleka odonge-
ni nasemahhashini, wamnya-
thela ngenqola. **34** Wabe ese-
ngena endlini wadla waphuza.
Ngemva kwalokho wathi: "Ngi-
cela nithathe lo wesifazane
oqalekisiwe nimngcwabe, kwa-
zise uyindodakazi yenkosi."[c]
**35** Kodwa lapho behamba be-
yomngcwaba, abatholanga lu-
tho ngaphandle kogebhezi lwe-
khanda nezandla nezinyawo.[d]
**36** Lapho bebuya bezomtshela,
wathi: "Lokhu kuwukugcwalise-
ka kwezwi likaJehova[e] alikhulu-
ma ngenceku yakhe u-Eliya um-
Thishibi, wathi, 'Izinja ziyodla
inyama kaJezebeli eJizreyeli.[f]
**37** Isidumbu sikaJezebeli siyo-
ba umquba emhlabathini eJi-
zreyeli, ukuze kungashiwo uku-
thi: "Lona uJezebeli." ' "

**10** Manje u-Ahabi[g] wayena-
madodana angu-70 eSa-
mariya. Ngakho uJehu wabhala
izincwadi wazithumela eSama-
riya ezikhulwini zaseJizreyeli,
emadodeni amadala[h] nakuba-
nakekeli bezingane zika-Aha-
bi,* wathi: **2** "Phakathi kwe-
nu kukhona amadodana enkosi
yenu, izinqola zempi, ama-
hhashi, idolobha elinezivike-
lo eziqinile nezikhali. Lapho
le ncwadi ifika kini, **3** kufa-
nele nikhethe indodana yenko-
si engcono neniyibona ifane-
le* ukuwedlula wonke niyibeke
esihlalweni sikayise. Niyilwele
indlu yenkosi yenu."

**4** Kodwa besaba bathi:
"Uma amakhosi amabili ehlule-
kile ukumelana naye,[a] pho thi-
na singamelana kanjani naye?"
**5** Ngakho owayengamele isigo-
dlo,* owayengamele idolobha,
amadoda amadala nabanakeke-
li bezingane bathumela lo mya-
lezo kuJehu, bathi: "Siyizince-
ku zakho, sizokwenza konke
okushoyo. Akukho muntu esi-
zombeka abe yinkosi. Yenza
noma yini ebonakala ilungile
kuwe."

**6** Wababhalela incwadi yesi-
bili, wathi: "Uma ningakimi fu-
thi nizimisele ukungilalela, tha-
thani amakhanda amadodana
enkosi yenu nize nawo kimi ku-
sasa ngalesi sikhathi eJizreye-
li."

Amadodana enkosi angu-
70 ayekanye namadoda ave-
lele edolobha ayewakhuli-
sa. **7** Lapho nje incwadi ifi-
ka kuwo, athatha amadodana
enkosi angu-70 awabulala,[b] afa-
ka amakhanda awo kobhasiki-
di awathumela kuye eJi-
zreyeli. **8** Isithunywa sangena
samtshela, sathi: "Bawalethile
amakhanda amadodana enko-
si." Ngakho wathi: "Wabekeni
abe izinqwaba ezimbili esa-
ngweni ledolobha kuze kube
sekuseni." **9** Ekuseni waphu-
ma wama phambi kwabantu
wathi: "Nina aninacala.* Mina
ngakhele inkosi yami uzungu
ngayibulala,[c] kodwa ubani obu-
lale bonke laba? **10** Ngakho
yazini ukuthi akukho nelilo-
dwa izwi likaJehova, uJehova
alikhuluma ngokumelene ne-

---

10:1 *NgesiHebheru, "nakubanakekeli baka-Ahabi."

10:3 *Noma, "neqotho." 10:5 *NgesiHebheru, "indlu." 10:9 *Noma, "nilungile."

ISAHL. 9
a 1Kh 16:15-19
b Eks 32:26; Hu 94:16
c 1Kh 16:31
d 2Kh 9:10
e Isay 55:10, 11
f 1Kh 21:23

ISAHL. 10
g 1Kh 16:29
h 1Kh 21:8

Uhla 2
a 2Kh 9:24, 27
b 1Kh 21:21
c 2Kh 9:14, 24

ndlu ka-Ahabi elingeke ligcwa-
liseke,*[a] uJehova ukwenzile
lokho akukhuluma ngenceku
yakhe u-Eliya."[b] **11** Ngaphezu
kwalokho, uJehu wabulala bo-
nke ababesele bendlu ka-Ahabi
eJizreyeli, kanye nawo wonke
amadoda akhe avelele nayejwa-
yelene nabo nabapristi bakhe,[c]
kwaze kwaba yilapho esebaqe-
de bonke.[d]

**12** Ngemva kwalokho wasu-
ka wahamba waya eSamari-
ya. Indlu abelusi ababegunde-
la kuyo izimvu yayisendleleni.
**13** UJehu wahlangana naba-
fowabo baka-Ahaziya inkosi[e]
yakwaJuda lapho, wathi kubo,
"Ningobani nina?" Bona bathi:
"Singabafowabo baka-Ahazi-
ya, sisendleleni siyohlola uku-
thi asaphila yini amadodana
enkosi namadodana endlovu-
kazi."* **14** Masinyane wathi:
"Babambeni bephila!" Ngakho
bawabamba ephila la madoda
angu-42 bawabulala ngasem-
thonjeni ongasendlini okugu-
ndelwa kuyo izimvu. Akavu-
melanga neyodwa ukuba iphu-
nyuke.[f]

**15** Uma esuka lapho wahla-
ngana noJehonadaba[g] indoda-
na kaRekabi[h] ezomhlangabe-
za. Lapho embingelela,* yena
wathi kuye: "Ingabe ungiseke-
la ngenhliziyo ephelele,# nje-
ngoba nje nami ngikusekela
ngenhliziyo ephelele?"

UJehonadaba wathi: "Kunja-
lo."

"Uma kunjalo, nginike isa-
ndla sakho."

Ngakho welula isandla sa-
khe, uJehu wamdonsa wa-
mgibelisa enqoleni. **16** Wabe
esethi: "Hamba nami ukuze
ubone indlela engingababeke-
zeleli ngayo labo abaphikisa-
na noJehova."[a] Ngakho uJehu
wahamba naye ngenqola ya-
khe yempi. **17** Wafika eSa-
mariya, wabulala bonke aba-
besele bendlu ka-Ahabi eSa-
mariya wabaqeda,[b] njengo-
ba nje uJehova ayeshilo ku-
Eliya.[c]

**18** Ngaphezu kwalokho,
uJehu waqoqela bonke abantu
ndawonye wathi kubo: "U-Aha-
bi wamkhonza kancane uBha-
li,[d] kodwa uJehu uzomkho-
nza kakhulu. **19** Ngakho biza-
ni bonke abaprofethi baka-
Bhali,[e] zonke izikhonzi zakhe
nabo bonke abapristi bakhe[f]
beze kimi. Makungasali ngi-
sho noyedwa, ngoba kunomhla-
tshelo omkhulu engizowenzela
uBhali. Noma ubani ongafika-
nga uzofa." Kepha uJehu we-
nza ngobuqili ukuze abhubhise
abakhonza uBhali.

**20** UJehu waqhubeka wa-
thi: "Memezelani* umhlanga-
no okhethekile kaBhali." Nga-
kho bawumemezela. **21** Nge-
mva kwalokho uJehu wathu-
mela umyalezo kulo lo-
nke elakwa-Israyeli, bonke
abakhonza uBhali bafika.
Akekho noyedwa ongazange
afike. Bangena ethempelini
likaBhali,*[g] ithempeli lagcwa-
la phama. **22** Wathi kum-
phathi wekamelo lezingu-
bo: "Khiphela bonke aba-
khonza uBhali izingubo." Nga-
kho wabakhiphela izingubo.
**23** Ngemva kwalokho uJehu
noJehonadaba[h] indodana ka-
Rekabi bangena endlini ka-
Bhali. Wathi ezikhonzini zika-
Bhali: "Funani ngokucophele-
la niqikelele ukuthi abekho

ISAHL. 10
*a* 1Sa 15:29; Isay 14:27
*b* 1Kh 21:19-24; 2Kh 9:7, 36
*c* 1Kh 18:19; 2Kh 23:19, 20
*d* 1Kh 21:21
*e* 2Kh 8:29; 2Kh 9:21, 27; 2Kr 22:1
*f* 2Kr 22:8
*g* Jer 35:6, 19
*h* 1Kr 2:55

Uhla 2
*a* Num 25:11; 1Kh 19:10
*b* 2Kh 9:8; 2Kr 22:7
*c* 1Kh 21:20, 21; 2Kh 9:26
*d* 1Kh 16:32, 33; 1Kh 18:22
*e* 2Kh 3:13
*f* 2Kh 10:11
*g* 1Kh 16:30, 32
*h* 2Kh 10:15; Jer 35:6, 19

**10:10** *NgesiHebheru, "eliyowela emhlabathini." **10:13** *Noma, "enkosazana." **10:15** *Noma, "embusisa." #NgesiHebheru, "eqotho."

**10:20** *NgesiHebheru, "Ngcwelisani." **10:21** *Noma, "endlini kaBhali."

abakhonza uJehova lapha, ku-
khona abakhonza uBhali ku-
phela.” **24** Ekugcineni ba-
ngena ukuze banikele imi-
hlatshelo neminikelo eshiswa-
yo. UJehu wayemise amado-
da angu-80 ngaphandle wa-
thi: “Uma kuba khona indo-
da ephunyukayo kula mado-
da, niyokhokha ukuphila ngo-
kuphila.”

**25** Ngokushesha nje lapho
eseqedile ukunikela umnikelo
oshiswayo, uJehu wathi kono-
gada* nasezinduneni: “Nge-
nani nibabulale! Makungaphu-
nyuki ngisho noyedwa!”[a] Nga-
kho onogada nezinduna baba-
bulala ngenkemba babaphonsa
ngaphandle, baqhubeka be-
babulala baze bafika enda-
weni yokukhosela# yethempe-
li likaBhali. **26** Ngemva kwa-
lokho bakhipha izinsika ezi-
ngcwele[b] zethempeli likaBhali
bazishisa.[c] **27** Badiliza insi-
ka engcwele[d] kaBhali, badili-
za nethempeli likaBhali[e] bakha
indlu yangasese kuleyo nda-
wo, isekhona kuze kube namu-
hla.

**28** Kanjalo uJehu wakuqe-
da ukukhonzwa kukaBhali
kwa-Israyeli. **29** Nokho, uJe-
hu akazange aziyeke izono uJe-
robowamu indodana kaNebha-
ti onisa ngazo u-Israyeli, oku-
ngukuthi amathole egolide,
elaliseBhethele nelalikwaDani.[f]
**30** Ngakho uJehova wathi ku-
Jehu: “Ngenxa yokuthi wenze
kahle, wenza okulungile eme-
hlweni ami ngokwenza konke
obekusenhliziyweni yami ngo-
kuqondene nendlu ka-Ahabi,[g]
amadodana akho ayohlala esi-
hlalweni sobukhosi sika-Isra-
yeli kuze kube sesizukulwa-
neni sesine.”[a] **31** Kodwa uJe-
hu akazange aqikelele ukuba
anamathele eMthethweni ka-
Jehova uNkulunkulu ka-Israye-
li ngayo yonke inhliziyo ya-
khe.[b] Akazange aziyeke izo-
no uJerobowamu onisa ngazo
u-Israyeli.[c]

**32** Ngalezo zinsuku uJeho-
va waqala ukuvumela uku-
ba ezinye izindawo zakwa-Isra-
yeli zinqotshwe. UHazayeli wa-
yelokhu ebahlasela kulo lo-
nke elakwa-Israyeli,[d] **33** ku-
sukela eJordani ngasempu-
malanga, lonke izwe laseGile-
yadi—kwaGadi, kwaRubeni na-
kwaManase[e]—ukusuka e-Aro-
weri, engaseSigodini Sase-Ari-
noni,* kuya eGileyadi naseBha-
shani.[f]

**34** Wonke omunye umlando
kaJehu nakho konke akwenza
nawo wonke amandla akhe, ku-
lotshiwe encwadini yomla-
ndo wamakhosi akwa-Israyeli.
**35** UJehu walala nokhokho ba-
khe, wangcwatshwa eSama-
riya; uJehowahazi indodana
yakhe[g] wabusa esikhundle-
ni sakhe. **36** Isikhathi* uJe-
hu asibusa phezu kuka-
Israyeli eSamariya sasiyiminya-
ka engu-28.

**11** Lapho u-Athaliya[h] unina
ka-Ahaziya, ebona uku-
thi indodana yakhe ifile,[i] wabu-
lala yonke inzalo yasebukhosi-
ni.*[j] **2** Nokho, uJehosheba
indodakazi yeNkosi uJehora-
mu, udadewabo ka-Ahaziya,
wathatha uJehowashi[k] indoda-
na ka-Ahaziya wameba ema-
dodaneni enkosi ayezobula-
wa, wamfaka ekamelweni lo-
kulala elingaphakathi yena no-

ISAHL. 10
a Eks 32:26, 27; Dut 13:6-9; Hez 9:5
b Lev 26:1
c Dut 7:25
d Lev 26:30; Dut 7:5
e 1Kh 16:30, 32
f 1Kh 12:28-30; 1Kh 13:33; Hos 8:6
g 1Kh 21:21

Uhla 2
a 2Kh 13:1, 10; 2Kh 14:23; 2Kh 15:8, 12
b Dut 10:12; Hos 1:4
c 1Kh 12:28-30; 1Kh 13:34; 1Kh 14:16
d 1Kh 19:17; 2Kh 8:12; 2Kh 13:22
e Num 32:33; Jos 22:9
f Dut 3:13-16; Dut 28:63; Jos 13:8-12
g 2Kh 13:1

ISAHL. 11
h 2Kh 8:26; 2Kh 11:20; 2Kr 21:5, 6; 2Kr 24:7
i 2Kh 9:27
j 2Kr 21:4; 2Kr 22:10-12
k 2Kh 12:1

**10:25** *NgesiHebheru, “kubagijimi.” #NgesiHebheru, “edolobheni,” cishe isakhiwo esinjengenqaba.

**10:33** *Noma, “eMhosheni Wase-Arinoni.” **10:36** *NgesiHebheru, “Izinsuku.” **11:1** *NgesiHebheru, “yonke imbewu yasebukhosini.”

mzanyana* wakhe. Bakwazi
ukumcashisa ukuze u-Athaliya
angamtholi, ngakho akazange
abulawe. **3** Wahlala naye imi-
nyaka eyisithupha ecashiswe
endlini kaJehova ngesikhathi
u-Athaliya ebusa izwe.

**4** Ngonyaka wesikhombisa
uJehoyada wabiza izinduna za-
makhulu zonogada benkosi ne-
zonogada besigodlo,*[a] wazinge-
nisa endlini kaJehova. Wenza
nazo isivumelwano, wazifungi-
sa endlini kaJehova, ngemva
kwalokho wazibonisa indoda-
na yenkosi.[b] **5** Waziyala, wa-
thi: “Nakhu okumele nikwenze:
Iqembu elilodwa kwamatha-
thu kini lizogada indlu* yenko-
si[c] ngeSabatha, **6** elinye lizo-
ba sesangweni elibizwa ngoku-
thi iSango Lesisekelo, bese ku-
thi elinye lokugcina libe se-
sangweni elingemva konogada
besigodlo. Nizoyigada ngoku-
shintshana indlu. **7** Amaqe-
mbu enu amabili azobe engase-
benzi ngeSabatha kumele ayi-
gade ngokucophelela indlu ka-
Jehova ukuze avikele inkosi.
**8** Kumele niyihaqe inkosi nxa-
zonke, ngamunye ephethe izi-
khali zakhe ngesandla. Noma
ubani ongena phakathi kwenu
uyobulawa. Ningahlukani ne-
nkosi nomaphi lapho iya kho-
na.”*

**9** Izinduna zamakhulu[d] ze-
nza njengoba nje uJehoya-
da umpristi ayeziyalile. Nga-
kho ngayinye yathatha ama-
doda angaphansi kwayo aye-
sebenza ngeSabatha, kanye
nalawo ayengasebenzi nge-
Sabatha, zeza kuJehoyada
umpristi.[e] **10** Umpristi wani-
ka lezi zinduna zamakhulu
imikhonto namahawu ayindili-
nga okwakungokweNkosi uDa-
vide, okwakusendlini kaJe-
hova. **11** Onogada besigodlo[a]
bama ezindaweni zabo nga-
munye ephethe izikhali zakhe
ngesandla, kusukela ngaso-
hlangothini lwesokudla lwe-
ndlu kuze kufike ohlangothini
lwesobunxele lwendlu, ngase-
altare[b] nangasendlini, nxazo-
nke zenkosi. **12** Ngemva kwa-
lokho uJehoyada wayikhiphe-
la ngaphandle indodana yenko-
si[c] wayithwesa umqhele noBu-
fakazi*[d] bayibeka yaba inko-
si, bayigcoba. Bashaya ihlombe
bathi: “Mana njalo nkosi!”[e]

**13** Lapho u-Athaliya ezwa
umsindo wabantu begijima,
waphuthuma waya kubantu
endlini kaJehova.[f] **14** Wabo-
na inkosi imi ngasensikeni ngo-
kwenkambiso.[g] Izinduna naba-
shaya amacilongo[h] babekanye
nenkosi, nabo bonke aba-
ntu bezwe babejabule beshaya
amacilongo. Lapho ebona lo-
khu u-Athaliya waklebhula izi-
ngubo zakhe wamemeza wathi:
“Uzungu! Uzungu!” **15** Kodwa
uJehoyada umpristi wayala izi-
nduna zamakhulu[i] ezaziphe-
the ibutho lempi, wathi kuzo:
“Mkhipheni phakathi kwebu-
tho, uma kukhona omlande-
layo, mbulaleni ngenkemba!”
Ngoba umpristi wayethe: “Ni-
ngambulaleli endlini kaJeho-
va u-Athaliya.” **16** Ngakho za-
mbamba, kwathi lapho zifi-
ka naye esangweni lamahha-
shi lendlu yenkosi,*[j] zambula-
lela khona.

**17** UJehoyada wenza isivu-
melwano phakathi kukaJehova

**ISAHL. 11**
*a* 1Kh 14:27
*b* 2Kr 23:1-3
*c* 1Kh 7:1; 2Kr 23:4-7
*d* 2Kh 11:4
*e* 2Kr 23:8-11

**Uhla 2**
*a* 1Kh 14:27
*b* 1Kh 8:22; 2Kr 4:1
*c* 2Kh 11:2
*d* Eks 25:21; Eks 31:18
*e* 1Kh 1:39, 40
*f* 2Kr 23:12-15
*g* 2Kh 23:3
*h* 2Kr 5:12
*i* 2Kh 11:4; 2Kr 23:9
*j* 1Kh 7:1

**11:2** *Intombazane egada umntwana. **11:4** *Noma, “nezabagijimi.” **11:5** *Noma, “isigodlo.” **11:8** *NgesiHebheru, “nenkosi lapho iphuma nalapho ingena.”

**11:12** *Kungenzeka kushiwo umqulu oqukethe uMthetho KaNkulunkulu. **11:16** *Noma, “lesigodlo senkosi.”

nenkosi nabantu,[a] ukuthi ba-
zoqhubeka bengabantu baka-
Jehova, wenza nesivumelwano
phakathi kwenkosi nabantu.[b]
**18** Ngemva kwalokho bonke
abantu bezwe baya endlini*
kaBhali badiliza ama-altare
akhe,[c] baphihliza imifanekiso
yakhe,[d] babulala uMathani um-
pristi kaBhali[e] phambi kwama-
altare.

Umpristi wabe esemisa aba-
qondisi phezu kwendlu ka-
Jehova.[f] **19** Ngaphezu kwalo-
kho, wathatha izinduna zama-
khulu,[g] onogada benkosi, ono-
gada besigodlo[h] nabo bo-
nke abantu bezwe, ukuba be-
hlise inkosi beyisusa endlini
kaJehova, baya endlini yenko-
si* ngendlela edlula esa-
ngweni lonogada. Inkosi yabe
isihlala esihlalweni sobukhosi.[i]
**20** Ngakho bonke abantu be-
zwe bajabula, idolobha laba no-
kuthula, ngoba u-Athaliya ba-
bembulale ngenkemba endlini
yenkosi.

**21** UJehowashi[j] wayenemi-
nyaka eyisikhombisa lapho eba
inkosi.[k]

**12** Ngonyaka wesikhombi-
sa kaJehu,[l] uJehowashi[m]
waba yinkosi, wabusa iminya-
ka engu-40 eJerusalema. Iga-
ma likanina kwakunguZibhi-
ya waseBheri-sheba.[n] **2** UJe-
howashi waqhubeka enza oku-
lungile emehlweni kaJehova
zonke izinsuku ayelulekwa nga-
zo uJehoyada umpristi. **3** No-
kho, izindawo eziphakeme[o] azi-
zange zisuswe, abantu babesa-
yenza imihlatshelo beshunqisa
nomusi womhlatshelo ezinda-
weni eziphakeme.

**4** UJehowashi wathi kuba-
pristi: "Thathani yonke ima-
li yeminikelo engcwele elethwa
endlini kaJehova,[a] imali oku-
mele ikhokhwe umuntu ngamu-
nye,[b] imali abapristi abayinqu-
mele abantu abenze izifungo,
yonke imali umuntu ngamunye
ayiletha endlini kaJehova ngo-
kusuka enhliziyweni.[c] **5** Aba-
pristi bazoyithatha kulabo aba-
yinikelayo,* balungise ngayo
indlu nomaphi lapho kunomo-
nakalo# khona."[d]

**6** Ngonyaka ka-23 weNko-
si uJehowashi, abapristi
babengakawulungisi umona-
kalo endlini kaNkulunkulu.[e]
**7** Ngakho iNkosi uJehowashi
yabiza uJehoyada[f] umpristi na-
banye abapristi yathi kubo:
"Kungani ningayilungisi indlu?
Ningabe nisathatha mali ku-
labo abanikelayo ngaphandle
uma nizoyisebenzisela ukulu-
ngisa indlu."[g] **8** Abapristi ba-
vuma ukuthi ngeke besayi-
thatha imali kubantu noku-
thi ngeke isalungiswa yibo
indlu.

**9** UJehoyada umpristi ma-
nje wathatha ibhokisi[h] wabho-
boza imbobo esivalweni salo
walibeka eceleni kwe-altare
kwesokudla lapho umuntu
engena endlini kaJehova. Yi-
lapho abapristi ababengabali-
ndimnyango ababeyifaka kho-
na yonke imali eyayilethwa
endlini kaJehova.[i] **10** Kwaku-
thi noma nini lapho bebo-
na ukuthi sekunemali eningi
ebhokisini, unobhala wenko-
si nompristi ophakeme babe-
za, bayikhiphe* bayibale ima-
li eyayilethwe endlini kaJeho-
va.[j] **11** Leyo mali babeyinika
labo ababengamele umsebenzi
owawenziwa endlini kaJeho-

---

**11:18** *Noma, "ethempelini." **11:19** *Noma, "esigodlweni."

**12:5** *Noma, "abajwayelene nabo." #Noma, "iqhekeke." **12:10** *Noma, "ba-yifake ezikhwameni." NgesiHebheru, "bayibophe."

---

ISAHL. 11
a 1Sa 10:25, 2Sa 5:3
b 2Kr 23:16, 17
c Dut 12:3
d Dut 7:25
e Dut 13:5
f 2Kr 23:18-21
g 2Kh 11:4, 15
h 1Kh 14:27
i 2Sa 7:8, 16
j 2Kh 11:2
k 2Kr 24:1

ISAHL. 12
l 1Kh 19:16, 2Kh 10:30
m 2Kh 11:2, 1Kr 3:10, 11
n 2Kr 24:1, 2
o Num 33:52

Uhla 2
a 2Kr 31:12
b Eks 30:13, 2Kr 24:9
c Eks 25:2, Eks 35:21
d 2Kr 24:7
e 2Kr 24:5
f 2Kh 11:4, 2Kr 23:1, 2Kr 24:15
g 2Kr 24:6
h 2Kr 24:8, Mar 12:41, Luk 21:1
i 2Kr 24:10
j 2Kr 24:11

va. Bona babekhokhela abase-
benza ngokhuni nabakhi aba-
besebenza endlini kaJehova,[a]
**12** kanye nabakha ngamatshe
nabaqopha amatshe. Bathenga
nezingodo namatshe aqoshiwe
okulungisa umonakalo osendli-
ni kaJehova, enye imali bayise-
benzisela zonke ezinye izindle-
ko zokulungiswa kwendlu.
**13** Nokho, ayikho imali eya-
yilethwe endlini kaJehova eya-
setshenziselwa ukwenza izi-
mbiza zesiliva, izinto zokuci-
sha umlilo, izitsha, amacilo-
ngo[b] nanoma yiluphi uhlobo
lwento yegolide noma yesili-
va yendlu kaJehova.[c] **14** Ba-
beyinika kuphela labo ababe-
nza umsebenzi, bona bayisebe-
nzisele ukulungisa indlu kaJe-
hova. **15** Abantu ababebani-
ka imali ukuba bayinike izise-
benzi babengabaceli ukuba ba-
chaze ukuthi bayisebenzise
kanjani, ngoba babethembeki-
le.[d] **16** Nokho imali yeminike-
lo yecala[e] nemali yeminike-
lo yesono, yayingalethwa endli-
ni kaJehova; kwakungeyaba-
pristi.[f]
**17** Kungaleso sikhathi la-
pho uHazayeli[g] inkosi yaseSi-
riya akhuphuka khona wayo-
lwa neGati,[h] walinqoba, okwa-
thi ngemva kwalokho wahlase-
la iJerusalema.[i] **18** UJehowa-
shi inkosi yakwaJuda wathatha
yonke iminikelo engcwele uJe-
hoshafati, uJehoramu no-Aha-
ziya okhokho bakhe, amakho-
si akwaJuda, ababeyingcwelisi-
le, wathatha neminikelo yakhe
engcwele nalo lonke igolide
elalitholakala endaweni yoku-
gcina ingcebo endlini kaJeho-
va nasendlini yenkosi* waku-
thumela kuHazayeli inkosi ya-
seSiriya.[j] Ngakho wahoxa eku-
lweni neJerusalema.

**19** Ngokuqondene nawo wo-
nke omunye umlando kaJe-
howashi, konke akwenza,
kulotshiwe encwadini yo-
mlando wamakhosi akwaJuda.
**20** Nokho, izinceku zikaJeho-
washi zamakhela uzungu[a] za-
mbulala endlini eseNdundume-
ni,*[b] endleleni eyehlela eSila.
**21** Izinceku zakhe uJozakari
indodana kaShimeyati noJeho-
zabhadi indodana kaShomeri,
yizona ezambulala.[c] Wangcwa-
tshwa nokhokho bakhe eDo-
lobheni LikaDavide, u-Amaziya
indodana yakhe waba inkosi
esikhundleni sakhe.[d]

**13** Ngonyaka ka-23 kaJeho-
washi[e] indodana ka-Aha-
ziya[f] inkosi yakwaJuda, uJeho-
wahazi indodana kaJehu[g]
waba yinkosi phezu kuka-Isra-
yeli eSamariya, wabusa imi-
nyaka engu-17. **2** Waqhubeka
enza okubi emehlweni ka-
Jehova, waphikelela esonwe-
ni uJerobowamu indodana ka-
Nebhati onisa ngaso u-Israye-
li.[h] Akazange asiyeke. **3** Nga-
kho uJehova wamthukuthele-
la[i] u-Israyeli,[j] wamnikela esa-
ndleni sikaHazayeli inkosi[k] ya-
seSiriya nasesandleni sikaBhe-
ni-hadadi[l] indodana kaHazayeli
zonke lezo zinsuku.
**4** Ngokuhamba kwesikhathi
uJehowahazi wancenga uJe-
hova ukuba ambonise umu-
sa, uJehova wamlalela, ngo-
ba wayeyibonile indlela
inkosi yaseSiriya eyayimcinde-
zele ngayo u-Israyeli.[m] **5** Nga-
kho uJehova wanika u-Israye-
li umsindisi[n] ozomkhulula esa-
ndleni seSiriya, ama-Israyeli
aqhubeka ehlala emizini yawo
njengasekuqaleni.* **6** (Nokho,

**ISAHL. 12**
a 2Kh 22:4-6; 2Kr 24:12
b Num 10:2; 2Kr 5:12
c 2Kr 24:14
d 2Kh 22:7
e Lev 5:15
f Lev 7:7; Num 18:8
g 1Kh 19:15; 2Kh 8:13; 2Kh 10:32
h 1Kr 18:1
i 2Kr 24:23
j 1Kh 15:18; 2Kh 16:8; 2Kh 18:15

**Uhla 2**
a 2Kr 24:25, 26; 2Kr 25:27
b 2Sa 5:9; 1Kh 9:15, 24; 2Kr 32:5
c 2Kh 14:1, 5
d 2Kr 24:27

**ISAHL. 13**
e 2Kh 11:2, 21
f 2Kh 8:26; 2Kh 9:27
g 2Kh 10:30, 35
h 1Kh 12:28-30; 1Kh 13:33; 1Kh 14:16
i Heb 12:29
j Lev 26:14, 17
k 1Kh 19:17; 2Kh 8:12
l 2Kh 13:24
m Eks 3:7; Hlu 10:16; 2Kh 14:26, 27
n Neh 9:27

---
**12:18** *Noma, “nasesigodlweni.”
**12:20** *Noma, “eBheti-milo.” **13:5** *Okuwukuthi, ngokuthula nangokuphe-pha.

awazange asuke esonweni se-
ndlu kaJerobowamu onisa nga-
so u-Israyeli.[a] Aqhubeka nale-
si sono,* isigxobo esingcwele#[b]
sasilokhu simile eSamariya.)
**7** UJehowahazi wasala nebu-
tho elinabagibeli bamahhashi
abangu-50, izinqola eziyishumi
namasosha ahamba ngezinya-
wo angu-10 000, ngoba inko-
si yaseSiriya yayibabhubhisile,[c]
ibanyathele njengothuli lapho
kubhulwa.[d]

**8** Ngokuqondene nawo wo-
nke omunye umlando kaJeho-
wahazi, konke akwenza nama-
ndla akhe, kulotshiwe encwadi-
ni yomlando wamakhosi akwa-
Israyeli. **9** Ekugcineni uJeho-
wahazi walala nokhokho ba-
khe, wangcwatshwa eSamari-
ya;[e] uJehowashi indodana ya-
khe wabusa esikhundleni sa-
khe.

**10** Ngonyaka ka-37 kaJeho-
washi inkosi yakwaJuda, uJe-
howashi[f] indodana kaJehowa-
hazi waba yinkosi phezu kuka-
Israyeli eSamariya, wabusa imi-
nyaka engu-16. **11** Waqhube-
ka enza okubi emehlweni kaJe-
hova, akazange asuke kuzo
zonke izono zikaJerobowamu
indodana kaNebhati onisa nga-
zo u-Israyeli.[g] Waqhubeka nale-
zi* zono.

**12** Ngokuqondene nawo wo-
nke omunye umlando kaJeho-
washi, konke akwenza nama-
ndla akhe nendlela alwa nga-
yo no-Amaziya inkosi yakwaJu-
da,[h] kulotshiwe encwadini yo-
mlando wamakhosi akwa-Isra-
yeli. **13** Ekugcineni uJehowa-
shi walala nokhokho bakhe,
uJerobowamu*[i] wahlala esihla-
lweni sakhe sobukhosi. UJeho-
washi wangcwatshwa eSamari-
ya kanye namakhosi akwa-Isra-
yeli.[a]

**14** Manje lapho u-Elisha[b]
egula ephethwe yisifo esa-
gcina simbulele, uJehowashi
inkosi yakwa-Israyeli wehle-
la kuye wafike wamkhalela wa-
thi: "Baba, baba! Nqola ye-
mpi ka-Israyeli nabagibeli ba-
khe bamahhashi!"[c] **15** U-Eli-
sha wathi kuye: "Thatha um-
nsalo nemicibisholo." Ngakho
wawuthatha umnsalo nemicibi-
sholo. **16** Wabe esethi enko-
sini yakwa-Israyeli: "Beka isa-
ndla sakho emnsalweni." Nga-
kho yabeka isandla sayo
kuwo, okwathi ngemva kwa-
lokho u-Elisha wabeka izandla
zakhe phezu kwezandla zenko-
si. **17** Ngemva kwalokho wa-
thi: "Vula ifasitela elingase-
mpumalanga." Ngakho yalivu-
la. U-Elisha wathi: "Cibishe-
la!" Ngakho yacibishela. Wabe
esethi: "Umcibisholo kaJeho-
va wokunqoba,* umcibisholo
wokunqoba iSiriya!# Uzolisha-
ya iSiriya e-Afeki[d] uze ulinqo-
be."

**18** Waqhubeka wathi: "Tha-
tha imicibisholo," yayithatha.
Ngemva kwalokho wathi enko-
sini yakwa-Israyeli: "Cibishe-
la emhlabathini." Yacibishela
kathathu yayeka. **19** Umuntu
kaNkulunkulu weqiniso wayi-
thukuthelela wathi: "Bekufane-
le ucibishele kahlanu noma
kasithupha! Khona-ke ubuzoli-
shaya iSiriya uze ulinqobe, ko-
dwa manje uzolishaya kathathu
kuphela iSiriya."[e]

**20** Ngemva kwalokho u-Eli-
sha wafa wangcwatshwa. Kwa-
kukhona amaviyo abaphangi

**13:6** *NgesiHebheru, "Ahamba kuso." #Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **13:11** *NgesiHebheru, "Wahamba kulezi." **13:13** *Okuwukuthi, uJerobowamu II.

**13:17** *Noma, "wensindiso." #Noma, "wokusindiswa kwabaseSiriya."

ISAHL. 13
a 2Kh 10:29 2Kh 17:21
b Dut 7:5 1Kh 14:15 1Kh 16:33
c 2Kh 8:12 2Kh 10:32
d Amo 1:3
e 2Kh 10:35
f 2Kh 14:1
g 2Kh 10:29
h 2Kh 14:8, 13
i 2Kh 14:28

Uhla 2
a 2Kh 10:35 2Kh 13:9
b 1Kh 19:16
c 2Kh 2:11, 12
d 1Sa 29:1 1Kh 20:26
e 2Kh 13:25

akwaMowabi[a] ayevame ukuthe-
lekela izwe ekuqaleni konya-
ka.* **21** Kwathi lapho abantu
abathile bengcwaba umuntu,
babona iviyo labaphangi, ngaso
leso sikhathi baphonsa lo mu-
ntu ethuneni lika-Elisha baba-
leka. Lapho lo muntu ethinta-
na namathambo ka-Elisha, wa-
vuka ekufeni[b] wama ngezi-
nyawo.

**22** UHazayeli inkosi[c] yase-
Siriya wawacindezela ama-Isra-
yeli[d] zonke izinsuku zikaJe-
howahazi. **23** Nokho, uJeho-
va wawabonisa umusa nesihe,[e]
ewakhathalela ngenxa yesivu-
melwano sakhe no-Abrahama,[f]
u-Isaka[g] noJakobe.[h] Akafuna-
nga ukuwachitha, futhi akaza-
nge awasuse phambi kwakhe
kuze kube namuhla. **24** La-
pho uHazayeli inkosi yaseSiri-
ya efa, uBheni-hadadi indoda-
na yakhe wabusa esikhu-
ndleni sakhe. **25** UJehowashi
indodana kaJehowahazi waphi-
nde wawathatha kuBheni-hada-
di indodana kaHazayeli amado-
lobha uHazayeli ayewathathe
kuyise uJehowahazi. UJehowa-
shi wamnqoba* izikhathi ezi-
ntathu,[i] wawathatha amadolo-
bha akwa-Israyeli.

**14** Ngonyaka wesibili kaJe-
howashi[j] indodana kaJe-
howahazi inkosi yakwa-Israye-
li, u-Amaziya indodana kaJeho-
washi inkosi yakwaJuda waba
yinkosi. **2** Wayeneminyaka
engu-25 lapho eba inkosi, wa-
busa iminyaka engu-29 eJeru-
salema. Igama likanina kwa-
kunguJehowadini waseJeru-
salema.[k] **3** Waqhubeka enza
okulungile emehlweni kaJeho-
va, kodwa hhayi njengoDavi-
de[l] ukhokho wakhe. Wenza yo-
nke into ngendlela uJehowashi
uyise ayenze ngayo.[a] **4** No-
kho, izindawo eziphakeme azi-
zange zisuswe,[b] abantu babe-
sayenza imihlatshelo beshunqi-
sa nomusi womhlatshelo ezi-
ndaweni eziphakeme.[c] **5** Kwa-
thi nje lapho esewubambe wa-
qina umbuso, wabulala izi-
nceku zakhe ezazibulale uyi-
se inkosi.[d] **6** Kodwa amado-
dana alabo babulali akaza-
nge awabulale, ngokuvumela-
na nomyalo kaJehova olotshwe
encwadini yoMthetho KaMose
othi: “Oyise akufanele babula-
we ngenxa yamadodana abo,
namadodana akufanele abula-
we ngenxa yoyise; kodwa yi-
lowo nalowo kufanele abulawe
ngenxa yesono sakhe.”[e] **7** Wa-
bulala abakwa-Edomi[f] eSigodi-
ni Sikasawoti,[g] amadoda angu-
10 000, waqhwaga iSela empi-
ni,[h] lase libizwa ngokuthi iJoki-
teyeli kuze kube namuhla.

**8** Ngemva kwalokho u-Ama-
ziya wathumela izithunywa ku-
Jehowashi indodana kaJeho-
wahazi indodana kaJehu inko-
si yakwa-Israyeli, wathi: “Woza
silwe.”*[i] **9** UJehowashi inko-
si yakwa-Israyeli wathumela
lo myalezo ku-Amaziya inko-
si yakwaJuda: “Ukhula olu-
nameva oluseLebhanoni lwa-
thumela umyalezo kumseda-
ri oseLebhanoni, lwathi, ‘Gani-
sela indodana yami indodaka-
zi yakho.’ Nokho, kwadlula isi-
lo sasendle saseLebhanoni sa-
lunyathela ukhula olunameva.
**10** Yiqiniso ukuthi umnqobile
u-Edomi,[j] manje inhliziyo ya-
kho isiyaqhosha. Jabula ngo-
dumo lwakho kodwa uhlale
endlini yakho.* Kungani ku-
fanele uzibizele inhlekelele

ISAHL. 13
a 2Kh 1:1; 2Kh 24:2
b Joh 11:44; Heb 11:35
c 1Kh 19:15
d 2Kh 8:12; 2Kh 10:32
e 2Kh 14:26, 27
f Gen 13:14-16
g Gen 26:3
h Gen 28:13; Hu 105:8; Mik 7:20
i 2Kh 13:19

ISAHL. 14
j 2Kh 13:10
k 2Kr 25:1-4
l 1Kh 15:5

Uhla 2
a 2Kr 24:2
b 1Kh 15:14
c 2Kh 12:1, 3
d 2Kh 12:20; 2Kr 24:25
e Dut 24:16
f 2Kh 8:20
g 2Sa 8:13; 1Kr 18:12
h 2Kr 25:11, 12
i 2Kr 25:17-19
j 2Kh 14:7

**13:20** *Cishe entwasahlobo. **13:25** *Noma, “wamshaya.”

**14:8** *Noma, “sihlangane ubuso nobuso.” **14:10** *Noma, “esigodlweni sakho.”

futhi unqotshwe, wena kanye noJuda?" **11** Kodwa u-Amaziya akalalelanga.[a]

Ngakho uJehowashi inkosi yakwa-Israyeli wakhuphuka, yena no-Amaziya inkosi yakwaJuda balwa eBheti-shemeshi,[b] kwaJuda.[c] **12** UJuda wanqotshwa u-Israyeli, yilowo nalowo wabalekela ekhaya.* **13** UJehowashi inkosi yakwa-Israyeli wathumba u-Amaziya inkosi yakwaJuda, oyindodana kaJehowashi oyindodana ka-Ahaziya, eBheti-shemeshi. Ngemva kwalokho baya eJerusalema, wafike wabhodloza udonga lwaseJerusalema, kusukela eSangweni Lika-Efrayimi[d] kuze kufike eSangweni Elisekhoneni,[e] izingalo ezingu-400.* **14** Wathatha lonke igolide nesiliva nazo zonke izinto ezatholakala endlini kaJehova nasendaweni yokugcina ingcebo endlini* yenkosi, wathatha nezithunjwa. Wabe esebuyela eSamariya.

**15** Ngokuqondene nawo wonke omunye umlando kaJehowashi, lokho akwenza namandla akhe nendlela alwa ngayo no-Amaziya inkosi yakwaJuda, kulotshiwe encwadini yomlando wamakhosi akwa-Israyeli. **16** UJehowashi walala nokhokho bakhe wangcwatshwa eSamariya[f] kanye namakhosi akwa-Israyeli; uJerobowamu*[g] indodana yakhe wabusa esikhundleni sakhe.

**17** U-Amaziya[h] indodana kaJehowashi inkosi yakwaJuda waphila iminyaka engu-15 ngemva kokufa kukaJehowashi[i] indodana kaJehowahazi inkosi yakwa-Israyeli.[j] **18** Ngokuqondene nawo wonke omunye umlando ka-Amaziya, ulotshiwe encwadini yomlando wamakhosi akwaJuda. **19** Kamuva bamakhela uzungu[a] eJerusalema, wabalekela eLakishi, kodwa bamthumelela abantu eLakishi bambulalela khona. **20** Ngakho bamthwala ngamahhashi bambuyisela emuva, wangcwatshwa eJerusalema kanye nokhokho bakhe eDolobheni LikaDavide.[b] **21** Ngemva kwalokho bonke abantu bakwaJuda bathatha u-Azariya,*[c] owayeneminyaka engu-16,[d] bambeka waba inkosi esikhundleni sikayise u-Amaziya.[e] **22** Walakha kabusha i-Elati[f] walibuyisela kuJuda ngemva kokuba inkosi* isingcwatshwe nokhokho bayo.[g]

**23** Ngonyaka ka-15 ka-Amaziya indodana kaJehowashi inkosi yakwaJuda, uJerobowamu[h] indodana kaJehowashi inkosi yakwa-Israyeli waba yinkosi eSamariya, wabusa iminyaka engu-41. **24** Waqhubeka enza okubi emehlweni kaJehova. Akazange asuke kuzo zonke izono uJerobowamu indodana kaNebhati onisa ngazo u-Israyeli.[i] **25** Wabuyisela umngcele ka-Israyeli kusukela eLebo-hamati*[j] kuze kufike oLwandle Lwase-Araba,#[k] ngokwezwi uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli alikhuluma ngenceku yakhe uJona[l] indodana ka-Amithayi, umprofethi

---

**ISAHL. 14**
- *a* 2Kr 25:15, 16
- *b* Jos 15:10, 12; Jos 21:8, 16
- *c* 2Kr 25:20-24
- *d* Neh 8:16; Neh 12:38, 39
- *e* Jer 31:38; Zak 14:10
- *f* 2Kh 10:35; 2Kh 13:9
- *g* Hos 1:1; Amo 1:1; Amo 7:10
- *h* 2Kh 14:1
- *i* 2Kh 13:10
- *j* 2Kr 25:25-28

**Uhla 2**
- *a* 2Kh 12:20
- *b* 1Kh 2:10
- *c* Mat 1:8
- *d* 2Kh 15:1, 2
- *e* 2Kr 26:1
- *f* Dut 2:8; 1Kh 9:26; 2Kh 16:6
- *g* 2Kr 26:2
- *h* Hos 1:1; Amo 1:1
- *i* 1Kh 12:28-30; 1Kh 13:34; Hu 106:20
- *j* Num 13:21; Num 34:2, 7, 8
- *k* Dut 3:16, 17
- *l* Jon 1:1; Mat 12:39

---

**14:12** *NgesiHebheru, "etendeni lakhe." **14:13** *Cishe u-178 m. Bheka iSithasiselo B14. **14:14** *Noma, "esigodlweni." **14:16** *Okuwukuthi, uJerobowamu II.

**14:21** *Incazelo: "UJehova Usizile." Ubizwa ngokuthi ngu-Uziya kweyesi-2Kh 15:13; 2Kr 26:1-23; Isay 6:1; nakuZak 14:5. **14:22** *Okuwukuthi, uyise u-Amaziya. **14:25** *Noma, "ekuqaleni kweHamati." #Okuwukuthi, uLwandle Lukasawoti, noma uLwandle Olufile.

waseGati-heferi.[a] **26** Ngoba
uJehova wayekubonile ukuhlu-
pheka okumunyu kuka-Israye-
li.[b] Kwakungekho muntu owa-
yengasiza u-Israyeli, kungekho
ngisho nabantukazana noma
ababuthakathaka. **27** Kodwa
uJehova wayethembise uku-
thi ngeke alesule igama lika-
Israyeli ngaphansi kwamazulu.[c]
Ngakho wamsindisa ngesandla
sikaJerobowamu indodana ka-
Jehowashi.[d]

**28** Ngokuqondene nawo wo-
nke omunye umlando kaJero-
bowamu, konke akwenza na-
mandla akhe, indlela alwa
ngayo nendlela abuyisela nga-
yo iDamaseku[e] neHamati[f]
ngaphansi kukaJuda no-Israye-
li, kulotshiwe encwadini yo-
mlando wamakhosi akwa-Isra-
yeli. **29** Ekugcineni uJerobo-
wamu walala nokhokho bakhe,
amakhosi akwa-Israyeli; uZaka-
riya indodana yakhe[g] wabusa
esikhundleni sakhe.

**15** Ngonyaka ka-27 kaJero-
bowamu* inkosi yakwa-
Israyeli, u-Azariya#[h] indodana
ka-Amaziya inkosi[i] yakwaJuda
waba yinkosi.[j] **2** Wayenemi-
nyaka engu-16 lapho eba yinko-
si, wabusa eJerusalema imi-
nyaka engu-52. Igama likani-
na kwakunguJekoliya waseJe-
rusalema. **3** Waqhubeka enza
okulungile emehlweni kaJeho-
va, njengoba nje uyise u-Ama-
ziya ayenzile.[k] **4** Nokho, izi-
ndawo eziphakeme azizange zi-
suswe,[l] abantu babesayenza
imihlatshelo beshunqisa no-
musi womhlatshelo ezindaweni
eziphakeme.[m] **5** UJehova wa-
yishaya ngesifo inkosi, yaba
nochoko[n] yaze yashona; yahla-
la endlini yayo yodwa,[a] kuyi-
lapho uJothamu[b] indodana ye-
nkosi engamele isigodlo,* ahlu-
lela abantu bezwe.[c] **6** Ngoku-
qondene nawo wonke omunye
umlando ka-Azariya,[d] konke
akwenza, kulotshiwe encwadi-
ni yomlando wamakhosi akwa-
Juda. **7** Ngemva kwalokho
u-Azariya washona, wangcwa-
tshwa kanye nokhokho bakhe,[e]
eDolobheni LikaDavide; uJo-
thamu indodana yakhe waba
inkosi esikhundleni sakhe.

**8** Ngonyaka ka-38 ka-Azari-
ya[f] inkosi yakwaJuda, uZa-
kariya[g] indodana kaJerobowa-
mu waba yinkosi phezu kuka-
Israyeli eSamariya, wabusa izi-
nyanga eziyisithupha. **9** We-
nza okubi emehlweni kaJeho-
va, njengoba nje okhokho ba-
khe babenzile. Akazange asu-
ke ezonweni zikaJerobowa-
mu indodana kaNebhati, onisa
ngazo u-Israyeli.[h] **10** UShalu-
mi indodana kaJabeshi wama-
khela uzungu wambulala[i] eJi-
bhileyamu.[j] Ngemva kokuba
esembulele wabusa esikhu-
ndleni sakhe. **11** Ngokuqo-
ndene nawo wonke omunye
umlando kaZakariya, ulotshiwe
encwadini yomlando wamakho-
si akwa-Israyeli. **12** Lokhu
kwakuwukugcwaliseka kwezwi
likaJehova ayelikhulume kuJe-
hu, elithi: "Izizukulwane ezi-
ne zamadodana akho[k] ziyohla-
la esihlalweni sobukhosi sika-
Israyeli."[l] Kwenzeka ngaleyo
ndlela.

**13** UShalumi indodana kaJa-
beshi waba yinkosi ngonya-
ka ka-39 ka-Uziya[m] inkosi ya-
kwaJuda, wabusa inyanga eyo-
dwa eSamariya. **14** UMenahe-
mu indodana kaGedi wakhu-
phuka esuka eTiriza[n] wafika

**ISAHL. 14**
*a* Jos 19:10, 13
*b* Eks 3:7; Hlu 10:16; Hu 106:43, 44
*c* Jer 31:20
*d* 2Kh 13:4, 5
*e* 2Sa 8:6
*f* 2Kr 8:3
*g* 2Kh 15:8

**ISAHL. 15**
*h* 2Kh 14:21
*i* 2Kh 14:1
*j* 2Kr 26:1, 3
*k* 2Kr 26:4, 5
*l* Num 33:52
*m* Dut 12:13, 14; 1Kh 22:41, 43; 2Kh 14:1, 4
*n* Num 12:10; 2Kh 5:27

**Uhla 2**
*a* Lev 13:45, 46
*b* 2Kh 15:32
*c* 2Kr 26:16-21
*d* 2Kr 26:22, 23
*e* Isay 6:1
*f* 2Kh 14:21
*g* 2Kh 14:29
*h* 1Kh 12:28-30; 1Kh 13:33; 1Kh 14:16
*i* Hos 1:4; Amo 7:9
*j* Jos 17:11
*k* 2Kh 13:1, 10; 2Kh 14:23, 29
*l* 2Kh 10:30
*m* 2Kr 26:1
*n* 1Kh 14:17; 1Kh 15:21; 1Kh 16:8, 17

---

**15:1** *Okuwukuthi, uJerobowamu II. #Incazelo: "UJehova Usizile." Ubizwa ngokuthi u-Uziya kweyesi-2Kh 15:13; 2Kr 26:1-23; Isay 6:1; nakuZak 14:5.

**15:5** *Noma, "indlu."

eSamariya wabulala uShalumi[a]
indodana kaJabeshi eSamari-
ya. Lapho esembulele wabusa
esikhundleni sakhe. **15** Ngo-
kuqondene nawo wonke omu-
nye umlando kaShalumi nozu-
ngu alwakha, ulotshiwe encwa-
dini yomlando wamakhosi
akwa-Israyeli. **16** Kungaleso
sikhathi-ke lapho uMenahe-
mu asuka khona eTiriza wa-
hlasela iThifisa wabulala bo-
nke ababekulo nendawo enga-
phansi kwalo, ngoba alizange
limvulele amasango. Walihlase-
la waqhaqha* nabesifazane ba-
khona abakhulelwe.

**17** Ngonyaka ka-39 ka-Azari-
ya inkosi yakwaJuda, uMe-
nahemu indodana kaGedi waba
yinkosi phezu kuka-Israyeli,
wabusa iminyaka eyishumi eSa-
mariya. **18** Waqhubeka enza
okubi emehlweni kaJehova.
Akazange asuke kuzo zonke
izono uJerobowamu indoda-
na kaNebhati onisa ngazo
u-Israyeli,[b] zonke izinsuku za-
khe. **19** UPhuli[c] inkosi yase-
Asiriya weza ezohlasela izwe
lakwa-Israyeli, uMenahemu wa-
nika uPhuli amathalenta* esi-
liva angu-1 000, ukuze amseke-
le ekuqiniseni umbuso wa-
khe.[d] **20** Ukuze athole isili-
va azolinika inkosi yase-Asiri-
ya, uMenahemu wakhiphisa
indoda ngayinye kwavelele na-
cebile kwa-Israyeli[e] amashekeli*
esiliva angu-50. Ngemva kwalo-
kho inkosi yase-Asiriya yabuye-
la emuva, ayibange isahlasela.
**21** Ngokuqondene nawo wonke
omunye umlando kaMenahe-
mu,[f] konke akwenza, kulotshi-
we encwadini yomlando wama-
khosi akwa-Israyeli. **22** Eku-
gcineni uMenahemu walala no-
khokho bakhe; uPhekaya indo-
dana yakhe wabusa esikhundle-
ni sakhe.

**23** Ngonyaka ka-50 ka-Azari-
ya inkosi yakwaJuda, uPhe-
kaya indodana kaMenahemu
waba yinkosi phezu kuka-Isra-
yeli eSamariya, wabusa imi-
nyaka emibili. **24** Waqhubeka
enza okubi emehlweni kaJeho-
va. Akazange asuke ezonwe-
ni uJerobowamu indodana ka-
Nebhati onisa ngazo u-Israye-
li.[a] **25** Induna yakhe uPheka[b]
indodana kaRemaliya yama-
khela uzungu yambulala kanye
no-Arigobhi no-Ariye* eSama-
riya enqabeni yendlu yenkosi.#
Yayikanye namadoda angu-50
aseGileyadi. Ngemva kokumbu-
lala yabusa esikhundleni sa-
khe. **26** Ngokuqondene nawo
wonke omunye umlando ka-
Phekaya, konke akwenza, ku-
lotshiwe encwadini yomlando
wamakhosi akwa-Israyeli.

**27** Ngonyaka ka-52 ka-Azari-
ya inkosi yakwaJuda, uPheka[c]
indodana kaRemaliya waba yi-
nkosi phezu kuka-Israyeli eSa-
mariya, wabusa iminyaka engu-
20. **28** Waqhubeka enza okubi
emehlweni kaJehova. Akaza-
nge asuke ezonweni uJerobo-
wamu indodana kaNebhati oni-
sa ngazo u-Israyeli.[d] **29** Ezi-
nsukwini zikaPheka inkosi ya-
kwa-Israyeli, uThigilati-philese-
ri[e] inkosi yase-Asiriya wanqo-
ba i-Ijoni, i-Abela-bheti-maha-
kha,[f] iJanowa, iKedeshi,[g] iHa-
zori, iGileyadi[h] neGalile, lo-
nke izwe lakwaNafetali,[i] wa-
thumba abantu bakhona waba-
dingisela e-Asiriya.[j] **30** UHo-

**15:16** *Noma, "wahlinza." **15:19** *Ithalenta lalilingana no-34,2 kg. Bheka iSithasiselo B14. **15:20** *Ishekeli lalilingana no-11,4 g. Bheka iSithasiselo B14.

**15:25** *Noma kungaba, "UPheka indodana kaRemaliya wamakhela uzungu ekanye no-Arigobhi no-Ariye bambulala." #Noma, "yesigodlo senkosi."

**ISAHL. 15**
*a* 2Kh 15:10
*b* 1Kh 12:28-30, 1Kh 13:33, 1Kh 14:16
*c* 1Kr 5:26
*d* 2Kh 12:18, 2Kh 16:8
*e* 2Kh 23:35
*f* 2Kh 15:14

**Uhla 2**
*a* 1Kh 12:28-30, 1Kh 13:33, 1Kh 14:16
*b* 2Kr 28:6
*c* 2Kr 28:6, Isay 7:1, 4
*d* 1Kh 12:28-30, 1Kh 13:33, 1Kh 14:16
*e* 2Kh 16:7, 1Kr 5:6, 1Kr 5:26, 2Kr 28:19, 20
*f* 1Kh 15:20
*g* Jos 20:7, 9
*h* Num 32:40
*i* Isay 9:1
*j* Lev 26:38, Dut 28:64, 2Kh 17:22, 23, Isay 8:4

sheya[a] indodana ka-Elahi wa-
khela uPheka indodana ka-
Remaliya uzungu wambulala;
wabusa esikhundleni sakhe
ngonyaka ka-20 kaJothamu[b]
indodana ka-Uziya. **31** Ngo-
kuqondene nawo wonke omu-
nye umlando kaPheka, konke
akwenza, kulotshiwe encwadi-
ni yomlando wamakhosi akwa-
Israyeli.

**32** Ngonyaka wesibili ka-
Pheka indodana kaRemaliya
inkosi yakwa-Israyeli, uJotha-
mu[c] indodana ka-Uziya[d] inko-
si yakwaJuda waba yinko-
si. **33** Wayeneminyaka engu-
25 lapho eba yinkosi, wabu-
sa iminyaka engu-16 eJeru-
salema. Igama likanina kwa-
kunguJerusha indodakazi ka-
Zadoki.[e] **34** Waqhubeka enza
okulungile emehlweni kaJeho-
va, njengoba nje u-Uziya uyi-
se ayenzile.[f] **35** Nokho, izi-
ndawo eziphakeme azizange zi-
suswe, abantu babesayenza
imihlatshelo beshunqisa no-
musi womhlatshelo ezindawe-
ni eziphakeme.[g] Nguye owa-
kha isango elingenhla lendlu
kaJehova.[h] **36** Ngokuqondene
nawo wonke omunye umla-
ndo kaJothamu, lokho akwe-
nza, kulotshiwe encwadini yo-
mlando wamakhosi akwaJu-
da. **37** Ngalezo zinsuku uJe-
hova waqala ukuthumela uRe-
zini inkosi yaseSiriya noPhe-
ka[i] indodana kaRemaliya uku-
ba bahlasele uJuda.[j] **38** Nge-
mva kwalokho uJothamu wa-
shona, wangcwatshwa nokho-
kho bakhe eDolobheni Lika-
Davide ukhokho wakhe. U-Aha-
zi indodana yakhe waba inkosi
esikhundleni sakhe.

**16** Ngonyaka ka-17 kaPheka
indodana kaRemaliya,
u-Ahazi[k] indodana kaJotha-
mu inkosi yakwaJuda waba
yinkosi. **2** U-Ahazi wayenemi-
nyaka engu-20 lapho eba yi-
nkosi, wabusa iminyaka
engu-16 eJerusalema. Akaza-
nge enze okulungile emehlwe-
ni kaJehova uNkulunkulu wa-
khe njengoba kwenza uDavi-
de ukhokho wakhe.[a] **3** Kuna-
lokho, wahamba endleleni ya-
makhosi akwa-Israyeli,[b] washi-
sa ngisho nendodana yakhe
emlilweni njengomhlatshelo,*[c]
elandela imikhuba enengekayo
yezizwe[d] uJehova ayezixoshe
phambi kwama-Israyeli. **4** Wa-
qhubeka enza nemihlatshelo
futhi eshunqisa nomusi wom-
hlatshelo ezindaweni eziphake-
me,[e] emagqumeni nangaphansi
kwazo zonke izihlahla ezinhle
eziluhlaza.[f]

**5** Yingaleso sikhathi lapho
uRezini inkosi yaseSiriya no-
Pheka indodana kaRemaliya
inkosi yakwa-Israyeli abakhu-
phuka khona beyolwa neJeru-
salema.[g] Bamvimbezela u-Aha-
zi, kodwa abakwazanga uku-
linqoba idolobha. **6** Ngaleso
sikhathi uRezini inkosi ya-
seSiriya wabuyisela i-Elati[h] ku-
Edomi, ngemva kwalokho
wawaxosha amaJuda* e-Elati.
Abakwa-Edomi bangena e-Elati
futhi bahlala khona kuze kube
namuhla. **7** Ngakho u-Ahazi
wathumela izithunywa kuThi-
gilati-phileseri[i] inkosi yase-Asi-
riya, wathi: "Ngiyinceku yakho
nendodana yakho. Khuphuka
ungisindise emakhosini angi-
hlaselayo, inkosi yaseSiriya ne-
nkosi yakwa-Israyeli." **8** Nga-
kho u-Ahazi wathatha isiliva
negolide elalitholakala endlini
kaJehova nasendaweni yoku-
gcina ingcebo endlini* yenkosi

**ISAHL. 15**
*a* 2Kh 17:1
*b* 2Kr 27:1
*c* 2Kr 27:7; Mat 1:9
*d* 2Kh 14:21
*e* 2Kr 27:1
*f* 2Kr 27:2
*g* Num 33:52; Dut 12:14
*h* 2Kr 27:3
*i* 2Kh 15:27; 2Kr 28:6
*j* 2Kh 16:5; Isay 7:1, 2

**ISAHL. 16**
*k* Isay 1:1; Isay 7:1; Hos 1:1; Mik 1:1; Mat 1:9

**Uhla 2**
*a* 2Kr 28:1-4
*b* 1Kh 12:28-30; 1Kh 16:33
*c* Lev 20:2, 3; 2Kr 33:1, 6; Jer 7:31
*d* Dut 12:29-31
*e* Num 33:52
*f* Dut 12:2
*g* 2Kh 15:37; 2Kr 28:5, 6
*h* 2Kh 14:21, 22
*i* 2Kh 15:29

**16:3** *NgesiHebheru, "wadabulisa indodana yakhe emlilweni." **16:6** *Noma, "wabaxosha abantu bakwaJuda." **16:8** *Noma, "esigodlweni."

wakuthumelela inkosi yase-
Asiriya njengesifumbathiso.[a]
**9** Inkosi yase-Asiriya yasamu-
kela isicelo sakhe yakhuphuke-
la eDamaseku yafike yalinqoba,
abantu bakhona yabadingisela
eKhiri,[b] uRezini yambulala.[c]

**10** Ngemva kwalokho iNkosi
u-Ahazi yahamba yayohlanga-
na noThigilati-phileseri inko-
si yase-Asiriya eDamaseku. La-
pho ibona i-altare elaliseDama-
seku, iNkosi u-Ahazi yathume-
lela u-Urija umpristi umklamo
walelo altare obonisa indlela
elakhiwe ngayo.[d] **11** U-Urija[e]
umpristi walakha i-altare[f] ngo-
kwazo zonke iziqondiso iNkosi
u-Ahazi eyayizithumele iseDa-
maseku. U-Urija umpristi wa-
qeda ukulakha ngaphambi ko-
kuba iNkosi u-Ahazi ibuye eDa-
maseku. **12** Lapho inkosi ifi-
ka ivela eDamaseku futhi ilibo-
na i-altare, yasondela e-altare
yenza iminikelo kulo.[g] **13** Ku-
lelo altare yanikela iminikelo
eshiswayo yashunqisa nemini-
kelo yokudla okusanhlamvu;
yathulula iminikelo yayo ephu-
zwayo yafafaza negazi lemi-
hlatshelo yayo ehlanganyelwa-
yo. **14** Yasusa i-altare lethusi[h]
elaliphambi kukaJehova enda-
weni yalo phambi kwendlu,
phakathi kwe-altare layo ne-
ndlu kaJehova, yalibeka ohla-
ngothini olusenyakatho lwe-
altare layo. **15** INkosi u-Aha-
zi yayala u-Urija[i] umpristi, ya-
thi: "Shunqisa umnikelo oshi-
swayo wasekuseni phezu kwe-
altare elikhulu,[j] kanye nomni-
kelo wokudla okusanhlamvu[k]
wakusihlwa, umnikelo wenko-
si oshiswayo nomnikelo wayo
wokudla okusanhlamvu, kanye
neminikelo eshiswayo, iminike-
lo yokudla okusanhlamvu ne-
minikelo ephuzwayo yabo bo-
nke abantu. Kufanele ufafaze
lonke igazi lomnikelo oshiswa-
yo nalo lonke igazi leminye imi-
hlatshelo kuleli altare. I-alta-
re lethusi lona ngizobona uku-
thi ngenzani ngalo." **16** U-Uri-
ja umpristi wenza konke iNko-
si u-Ahazi eyayikuyalile.[a]

**17** Ngaphezu kwalokho,
iNkosi u-Ahazi yahlahlela izi-
nhlangothi eziyisicaba zezinqo-
la[b] yasusa izimbiza phezu kwe-
zinqola,[c] yehlisa uLwandle phe-
zu kwezinkunzi zethusi[d] olwa-
luhlezi phezu kwazo yase ilu-
beka phezu komgandayo wa-
matshe.[e] **18** Yasusa umphe-
me owawusetshenziswa ngeSa-
batha owawakhiwe endlini, ya-
susa nomnyango inkosi eyayi-
ngena kuwo lapho iya endli-
ni kaJehova. Lokhu yakwenza
ngenxa yokwesaba inkosi yase-
Asiriya.

**19** Ngokuqondene nawo wo-
nke omunye umlando ka-Aha-
zi, lokho akwenza, kulotshiwe
encwadini yomlando wamakho-
si akwaJuda.[f] **20** U-Ahazi wa-
shona, wangcwatshwa nokho-
kho bakhe eDolobheni LikaDa-
vide; uHezekiya*[g] indodana ya-
khe waba inkosi esikhundleni
sakhe.

**17** Ngonyaka ka-12 ka-Ahazi
inkosi yakwaJuda, uHo-
sheya[h] indodana ka-Elahi waba
yinkosi eSamariya phezu
kuka-Israyeli; wabusa iminya-
ka engu-9. **2** Waqhubeka enza
okubi emehlweni kaJehova,
kodwa hhayi njengamakho-
si akwa-Israyeli ayengapha-
mbi kwakhe. **3** UShalimane-
seri inkosi yase-Asiriya wakhu-
phuka ezolwa naye,[i] uHoshe-
ya waba yinceku yakhe wa-
qala ukukhokha intela kuye.[j]
**4** Nokho, inkosi yase-Asiriya

**16:20** *Incazelo: "UJehova Uyaqinisa-
na."

ISAHL. 16
a 1Kh 15:18, 19
b Amo 1:4, 5
c Isay 9:11
d Dut 12:30
e Isay 8:2
f Jer 23:11; Hez 22:26
g 2Kr 28:22, 23; 2Kr 28:25
h 2Kr 4:1
i Isay 8:2
j 2Kr 28:23
k Eks 29:39-41

Uhla 2
a 2Kh 16:11
b 1Kh 7:27, 28
c 1Kh 7:38; 2Kr 4:6
d 1Kh 7:23, 25
e 2Kr 28:24; 2Kr 29:19
f 2Kr 28:26, 27
g 2Kh 18:1; 2Kr 29:1; Isay 1:1; Hos 1:1; Mat 1:9

ISAHL. 17
h 2Kh 15:30
i 2Kh 18:9; Isay 10:5, 6; Hos 10:14, 15
j 2Kh 18:14

yezwa ukuthi uHosheya upha-
kathi kwalabo abayakhela uzu-
ngu, ngoba wayethumele izi-
thunywa kuSo inkosi yaseGi-
bhithe,[a] akayikhokhanga ne-
ntela enkosini yase-Asiriya nje-
ngaseminyakeni yangaphambi-
li. Ngakho inkosi yase-Asiriya
yambopha yamvalela ejele.
**5** Inkosi yase-Asiriya yahla-
sela lonke izwe, yafika eSa-
mariya yalivimbezela iminyaka
emithathu. **6** Ngonyaka ka-9
kaHosheya, inkosi yase-Asiri-
ya yalinqoba iSamariya.[b] Nge-
mva kwalokho yathatha aba-
ntu bakwa-Israyeli yabadingi-
sela[c] e-Asiriya yabahlalisa
eHala naseHabori ngasemfu-
leni iGozani[d] nasemadolobheni
amaMede.[e]
**7** Lokhu kwabehlela ngenxa
yokuthi abantu bakwa-Israyeli
babonile kuJehova uNkulunku-
lu wabo, owabakhipha ezweni
laseGibhithe ngaphansi kwesa-
ndla sikaFaro inkosi yaseGibhi-
the.[f] Bakhonza* abanye onku-
lunkulu,[g] **8** balandela amasi-
ko ezizwe uJehova ayezixoshi-
le phambi kwama-Israyeli, ba-
landela namasiko ayesungulwe
amakhosi akwa-Israyeli.
**9** Ama-Israyeli ayenza izi-
nto ezazingalungile kuJehova
uNkulunkulu wawo. Azakhe-
la izindawo eziphakeme kuwo
wonke amadolobha awo,[h] ezi-
nqabeni zokuqapha nasema-
dolobheni anezivikelo eziqini-
le.* **10** Azimisela izinsika ezi-
ngcwele nezigxobo ezingcwe-
le*[i] phezu kwawo wonke ama-
gquma aphakeme nangapha-
nsi kwazo zonke izihlahla ezi-
khephuzelayo;[j] **11** ayeshunqi-
sa nomusi womhlatshelo phe-
zu kwazo zonke izindawo ezi-
phakeme njengoba nje zaze-
nzile izizwe uJehova ayezixo-
shile phambi kwawo.[a] Aqhube-
ka enza izinto ezimbi ukuze
acasule uJehova.
**12** Aqhubeka ekhonza izi-
thixo ezinyanyekayo,*[b] uJeho-
va ayethe kuwo ngokuphathe-
lene nazo: “Ningayenzi le nto!”[c]
**13** UJehova wayelokhu em-
xwayisa u-Israyeli noJuda nga-
bo bonke abaprofethi bakhe
nangabo bonke ababoni bemi-
bono,[d] ethi: “Shiyani izindle-
la zenu ezimbi![e] Gcinani imiya-
lo yami nemithetho yami, ngo-
kuvumelana nawo wonke um-
thetho engayala ngawo okho-
kho benu nenganinika wona
ngezinceku zami abaprofethi.”
**14** Kodwa abalalelanga, baba
nenkani njengokhokho* babo
abangazange babe nokholo ku-
Jehova uNkulunkulu wabo.[f]
**15** Babelokhu bezenqaba izi-
qondiso zakhe nesivumelwa-
no sakhe[g] ayesenze nokho-
kho babo nezikhumbuzo za-
khe ayebaxwayise ngazo,[h] ba-
qhubeka belandela izithixo ezi-
yize[i] futhi baba yize nabo ngo-
kwabo,[j] belingisa izizwe ezaza-
khelene nabo, uJehova ayeba-
yale ukuba bangenzi njengazo.[k]
**16** Bayishiya yonke imiyalo
kaJehova uNkulunkulu wabo
benza izithombe zamathole
amabili ensimbi#[l] nesigxobo
esingcwele,*[m] bakhothamela
zonke izinkanyezi zezulu[n] ba-
khonza noBhali.[o] **17** Bashisa

**ISAHL. 17**
*a* Isay 31:1
*b* Hos 13:16
*c* Lev 26:32, 33; Dut 4:27; Dut 28:64; 1Kh 14:15
*d* 1Kr 5:26
*e* 2Kh 18:9-11
*f* Eks 20:2
*g* Eks 20:5
*h* Hos 12:11
*i* Eks 34:13; Dut 16:21, 22
*j* Dut 12:2; Isay 57:5

**Uhla 2**
*a* Lev 20:23
*b* 1Kh 12:28-30; 1Kh 21:25, 26
*c* Eks 20:3-5; Lev 26:1; Dut 4:23
*d* 2Kr 24:18, 19; 2Kr 36:15, 16; Jer 25:4
*e* Isay 55:7
*f* Dut 1:32; Dut 31:27
*g* Dut 5:2; Dut 29:12
*h* Hos 4:6
*i* Dut 32:21; 1Sa 12:21
*j* Hu 115:4-8; Isay 44:9
*k* Dut 12:30
*l* 1Kh 12:28-30
*m* 1Kh 14:15; 1Kh 16:33
*n* Dut 4:19; Jer 8:2
*o* 1Kh 16:30, 31; 1Kh 22:51, 53; 2Kh 10:21; 2Kh 23:4, 5

**17:7** *NgesiHebheru, “Besaba.” **17:9** *Okuwukuthi, kuyo yonke indawo, kungaba indawo ehlala idlanzana noma ehlala abantu abaningi. **17:10, 16** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**17:12** *Lena yinkulumo yesiHebheru okungenzeka ihlobene negama elisho “ubulongwe,” isetshenziswa njengenkulumo yokwedelela. **17:14** *NgesiHebheru, “bazenza lukhuni izintamo zabo njengezintamo zokhokho.” **17:16** #Noma, “amabili ezenziwe ngokuncibilikisiwe.”

amadodana namadodakazi abo emlilweni njengomhlatshelo,[a] babhula[b] babheka namabika, bazinikela* ekwenzeni okubi emehlweni kaJehova, ukuze bamcasule.

**18** Ngakho uJehova wamthukuthelela kakhulu u-Israyeli, kangangokuba wamsusa phambi kwamehlo akhe.[c] Akavumelanga ukuba kusale noyedwa ngaphandle kwesizwe sakwaJuda.

**19** Ngisho noJuda akazange ayigcine imiyalo kaJehova uNkulunkulu wakhe;[d] walandela amasiko u-Israyeli ayehamba ngawo.[e] **20** UJehova wayilahla yonke inzalo ka-Israyeli, wayihlazisa, wayinikela ezandleni zabaphangi, kwaze kwaba yilapho eseyilahlile yasuka phambi kwakhe. **21** Wamhlwitha u-Israyeli endlini kaDavide, babeka uJerobowamu indodana kaNebhati waba yinkosi.[f] Kodwa uJerobowamu wabangela u-Israyeli ukuba ayeke ukulandela uJehova, wambangela nokuba enze isono esikhulu. **22** Ama-Israyeli ahamba kuzo zonke izono uJerobowamu ayezenzile.[g] Awasukanga kuzo **23** kwaze kwaba yilapho uJehova emsusa u-Israyeli phambi kwamehlo akhe, njengoba nje ayekhulumile ngazo zonke izinceku zakhe abaprofethi.[h] Ngakho u-Israyeli wasuswa ezweni lakhe wadingiselwa e-Asiriya[i] lapho ekhona kuze kube namuhla.

**24** Ngemva kwalokho inkosi yase-Asiriya yaletha abantu baseBhabhiloni, baseKhutha, base-Ava, baseHamati nabaseSefarivayimi[j] yabahlalisa emadolobheni aseSamariya esikhundleni sama-Israyeli; bathatha iSamariya bahlala emadolobheni alo. **25** Lapho beqala ukuhlala lapho abazange bamesabe* uJehova. Ngakho uJehova wathumela amabhubesi phakathi kwabo,[a] abulala abanye kubo. **26** Kwathunyelwa umbiko enkosini yase-Asiriya, kwathiwa: "Izizwe oziyise ekudingisweni wazihlalisa emadolobheni aseSamariya aziyazi inkolo* kaNkulunkulu waleliya zwe. Ngakho ulokhu ethumela amabhubesi phakathi kwazo; ayazibulala ngoba akekho noyedwa kuzo owazi inkolo kaNkulunkulu wezwe."

**27** Inkosi yase-Asiriya yaphendula yathi: "Thathani omunye wabapristi kulabo enabasusa lapho nabayisa ekudingisweni nimbuyisele ayohlala khona ukuze abafundise inkolo kaNkulunkulu walelo zwe." **28** Ngakho omunye wabapristi ababedingisiwe besuka eSamariya waphindela eBhethele[b] wayohlala khona, wabafundisa indlela okufanele bamesabe* ngayo uJehova.[c]

**29** Nokho, isizwe ngasinye sazenzela unkulunkulu waso,* sambeka ezindlini zokukhonza ezindaweni eziphakeme amaSamariya ayezakhile; isizwe ngasinye senza kanjalo emadolobheni esasihlala kuwo. **30** Abantu baseBhabhiloni benza uSukoti-bhenoti, abantu baseKhuti benza uNerigali, abantu baseHamati[d] benza u-Ashima, **31** ama-Ava wona enza uNibhihazi noTharithaki. AmaSefarivayimi ayeshisa amadodana awo emlilweni, enzela u-Adirameleki no-Ana-

ISAHL. 17
a 2Kh 16:1, 3
b Dut 18:10; Mik 5:12
c Jos 23:12, 13; Isay 42:24
d 1Kh 14:22; Jer 3:8
e Hez 23:4, 11
f 1Kh 12:20
g 1Kh 12:28-30
h Dut 28:45, 63; 1Kh 14:16; Hos 1:4; Amo 5:27; Mik 1:6
i 2Kh 18:11
j 2Kh 19:11, 13

Uhla 2
a Eks 23:29
b Gen 28:18, 19; Jos 16:1; 1Kh 12:28, 29
c Joh 4:20-22
d 2Kh 17:24

17:17 *NgesiHebheru, "bazithengisela."

17:25, 28 *Noma, "bamkhonze." 17:26 *Noma, "aziwazi amasiko enkolo." 17:29 *Noma, "onkulunkulu baso."

meleki onkulunkulu baseSefa-
rivayimi[a] umhlatshelo. **32** Na-
kuba babemesaba uJehova, ba-
zibekela abapristi bezindawo
eziphakeme bebakhetha kuba-
ntu abavamile nje ukuba ba-
khonze emathempelini asezi-
ndaweni eziphakeme.[b] **33** Ba-
mesaba uJehova, kodwa ba-
khonza nonkulunkulu babo
ngokwenkolo* yezizwe ababe-
dingiswe besuswa kuzo.[c]

**34** Kuze kube namuhla be-
nza ngokwezinkolo* zabo za-
ngaphambili. Akekho kubo
okhonza# uJehova futhi ake-
kho ogcina imithetho yakhe,
izahlulelo zakhe, uMthetho no-
myalo uJehova awunika ama-
dodana kaJakobe, ogama lakhe
alishintsha laba ngu-Israyeli.[d]
**35** Lapho uJehova enza isi-
vumelwano nawo[e] wawaya-
la wathi: "Ningabesabi aba-
nye onkulunkulu, ningabakho-
thameli noma nibakhonze
noma nibenzele umhlatshe-
lo.[f] **36** Kodwa uJehova owani-
khipha ezweni laseGibhithe
ngamandla amakhulu nange-
ngalo eyeluliwe,[g] nguYe okufa-
nele nimesabe,[h] nimkhothame-
le futhi nimenzele umhlatshe-
lo. **37** Iziqondiso, izahlulelo,
uMthetho nomyalo anilobela
wona,[i] kufanele niwugcine ngo-
kucophelela ngaso sonke isi-
khathi, ningabesabi abanye
onkulunkulu. **38** Akumele ni-
sikhohlwe isivumelwano enga-
senza nani,[j] akumele nesabe
abanye onkulunkulu. **39** Ko-
dwa nguJehova uNkulunkulu
wenu okufanele nimesabe, nje-
ngoba kunguye oyonikhulula
esandleni sazo zonke izitha
zenu."

---

**17:33** *Noma, "ngokwamasiko enkolo." **17:34** *Noma, "ngokwamasiko ezinkolo." #NgesiHebheru, "owesaba."

**40** Kodwa azizange zilale-
le, zenza ngokuvumelana ne-
nkolo* yazo yangaphambili.[a]
**41** Ngakho lezi zizwe zamesa-
ba uJehova,[b] kodwa zazikho-
nza nemifanekiso yazo ebazi-
we. Amadodana azo naba-
zukulu bazo, benza njengoba
nje kwakwenze okhokho babo
kuze kube namuhla.

**18** Ngonyaka wesithathu ka-
Hosheya[c] indodana ka-
Elahi inkosi yakwa-Israye-
li, uHezekiya[d] indodana ka-
Ahazi inkosi[e] yakwaJuda
waba yinkosi. **2** Wayenemi-
nyaka engu-25 lapho eba yi-
nkosi, wabusa iminyaka engu-
29 eJerusalema. Igama likani-
na kwakungu-Abhi* indodakazi
kaZakariya.[f] **3** Waqhubeka
enza okulungile emehlweni ka-
Jehova,[g] njengoba nje uDavi-
de ukhokho wakhe ayenzi-
le.[h] **4** Nguye owasusa izinda-
wo eziphakeme,[i] waphihliza izi-
nsika ezingcwele wagawula ne-
sigxobo esingcwele.*[j] Waphihli-
za nenyoka yethusi eyayenziwe
uMose;[k] ngoba kuze kube yi-
leso sikhathi ama-Israyeli
ayeyishunqisela umusi wom-
hlatshelo, futhi yayibizwa ngo-
kuthi isithixo senyoka ye-
thusi.# **5** Wathembela kuJe-
hova[l] uNkulunkulu ka-Israyeli;
akukho nkosi eyaba njenga-
ye kuwo wonke amakhosi
akwaJuda amlandela noma
kulawo ayengaphambi kwakhe.
**6** Wanamathela kuJehova.[m]
Akayekanga ukumlandela; wa-
qhubeka egcina imiyalo uJeho-
va ayeyinike uMose. **7** UJe-
hova wayenaye. Noma yini

---

**17:40** *Noma, "namasiko enkolo." **18:2** *Ukunqanyulelwa kwegama lika-Abhiya. **18:4** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. #Noma, "yayibizwa ngokuthi uNehushitani."

ISAHL. 17
a 2Kh 18:34
b 1Kh 12:31, 32; 1Kh 13:33
c 2Kh 17:24, 41
d Gen 32:28
e Eks 19:5; Eks 24:7; Dut 29:1
f Eks 20:3-5; Eks 23:24; Eks 34:14; Dut 5:9
g Eks 6:6
h Dut 6:12, 13
i Dut 31:9
j Dut 4:23

Uhla 2
a 2Kh 17:34
b Ezr 4:1, 2

ISAHL. 18
c 2Kh 15:30; 2Kh 17:1
d 2Kr 28:27; Mat 1:9
e 2Kh 16:2, 20
f 2Kr 29:1, 2
g 2Kh 20:3; 2Kr 31:20, 21; Hu 119:128
h 1Kh 15:5
i Num 33:52; 1Kh 3:2; 2Kh 14:1, 4
j Dut 7:5; Dut 12:3; 2Kr 31:1
k Num 21:8, 9
l 2Kh 19:15; 2Kr 32:7, 8
m Dut 10:20; Jos 23:8

ayeyenza, wayeyenza ngo-
kuhlakanipha. Wadlubulunda
enkosini yase-Asiriya wenqaba
ukuyikhonza.[a] **8** Wanqoba na-
maFilisti[b] kuze kufike eGa-
za nezindawo zalo, kusuke-
la enqabeni yokuqapha kuze
kube sedolobheni elinezivikelo
eziqinile.*

**9** Ngonyaka wesine weNkosi
uHezekiya, okungukuthi, unya-
ka wesikhombisa kaHosheya[c]
indodana ka-Elahi inkosi ya-
kwa-Israyeli, uShalimaneseri
inkosi yase-Asiriya wakhuphu-
kela eSamariya walivimbeze-
la.[d] **10** Abase-Asiriya balinqo-
ba[e] ekupheleni kweminyaka
emithathu; ngonyaka wesithu-
pha kaHezekiya, okwakuwu-
nyaka ka-9 kaHosheya inko-
si yakwa-Israyeli, iSamariya la-
nqotshwa. **11** Ngemva kwalo-
kho inkosi yase-Asiriya yayi-
sa ama-Israyeli ekudingiswe-
ni[f] e-Asiriya yawahlalisa eHala
naseHabori ngasemfuleni iGo-
zani nasemadolobheni amaMe-
de.[g] **12** Lokhu kwenzeka nge-
nxa yokuthi ayengazange ali-
lalele izwi likaJehova uNkulu-
nkulu wawo, kodwa aqhube-
ka ephula isivumelwano sakhe,
konke lokho uMose inceku ka-
Jehova ayekuyalile.[h] Awazange
alalele.

**13** Ngonyaka ka-14 weNkosi
uHezekiya, uSaneheribi inkosi
yase-Asiriya[i] wakhuphuka wa-
yohlasela wonke amadolobha
akwaJuda anezivikelo eziqinile
wawanqoba.[j] **14** Ngakho uHe-
zekiya inkosi yakwaJuda wa-
thumela umyalezo enkosini
yase-Asiriya eLakishi, wathi:
“Ngonile. Yeka ukulwa nami,
ngizokunika noma yini oyifu-
nayo.” Inkosi yase-Asiriya ya-
hlawulisa uHezekiya inkosi ya-
kwaJuda amathalenta* esili-
va angu-300 namathalenta ego-
lide angu-30. **15** Ngakho uHe-
zekiya wayinika lonke isiliva
elalitholakala endlini kaJehova
nasendaweni yokugcina ingce-
bo endlini yenkosi.*[a] **16** Nga-
leso sikhathi uHezekiya wakhi-
pha* iminyango yethempeli[b] li-
kaJehova nezinsika zeminya-
ngo uHezekiya inkosi yakwa-
Juda eyayizinameke ngegoli-
de[c] wakunika inkosi yase-Asi-
riya.

**17** Inkosi yase-Asiriya yabe
isithuma uTharithani,* uRabi-
sarisi# noRabishake△ nebutho
lempi elikhulu eJerusalema[d]
besuka eLakishi[e] beya eNko-
sini uHezekiya. Bakhuphuka
baya eJerusalema bafike bama
ngasemseleni wechibi elinge-
nhla, ngasemgwaqweni om-
khulu oya ensimini yomhlanzi
wezingubo.[f] **18** Lapho bebiza
inkosi ukuba iphume, kwaphu-
ma u-Eliyakimi[g] indodana kaHi-
likiya, owayengamele isigodlo,*
uShebina[h] unobhala noJowa
indodana ka-Asafa umgcini-
mibhalo.

**19** Ngakho uRabishake wa-
thi kubo: “Ngicela nithi kuHe-
zekiya, ‘Yilokhu inkosi enku-
lu, inkosi yase-Asiriya, ekusho-
yo: “Yini lena othembele
kuyo?[i] **20** Uthi, ‘Nginesu na-
mandla okulwa impi,’ kodwa
yinto engekho leyo. Nguba-
ni lona othembele kuye, okwe-
nza ube nesibindi sokudlubulu-

ISAHL. 18
a 2Kh 16:7
b 2Kr 28:18, 19
Isay 14:28, 29
c 2Kh 17:1
d 2Kh 17:3-6
e Hos 13:16
Amo 3:11
Mik 1:6
f Isay 8:4
Amo 6:1, 7
g 2Kh 17:6
1Kr 5:26
h Dut 8:20
1Kh 14:15
i Isay 10:5
j 2Kr 32:1
Isay 36:1

Uhla 2
a 2Kh 12:18
2Kh 16:8
2Kr 16:2, 3
b 1Kh 6:33-35
c 2Kr 29:1, 3
d 2Kr 32:9
e Jos 15:20, 39
2Kr 11:5, 9
f Isay 36:2, 3
g 2Kh 19:2
Isay 22:20-24
h Isay 22:15-19
i 2Kr 32:10
Isay 36:4-10

---

**18:8** *Okuwukuthi, kuyo yonke indawo, kungaba indawo ehlala idlanzana noma ehlala abantu abaningi.

**18:14** *Ithalenta lalilingana no-34,2 kg. Bheka iSithasiselo B14. **18:15** *Noma, “esigodlweni.” **18:16** *NgesiHebheru, “wanquma.” **18:17** *Noma, “umkhuzi webutho.” #Noma, “isikhulu segceke.” △Noma, “nenduna yabaphathindebe.” **18:18** *Noma, “indlu.”

nda kimi?[a] **21** Awubheke nje!
Uthembele kulo mhlanga ofo-
hlokile, iGibhithe,[b] okunga-
thi uma umuntu ezimelela
ngawo umhlabe ungene ente-
ndeni yesandla sakhe. Unjalo-
ke uFaro inkosi yaseGibhithe
kubo bonke abathembela kuye.
**22** Uma ningase nithi kimi,
‘Sithembele kuJehova uNkulu-
nkulu wethu,’[c] akuyena yini
lona ozindawo zakhe ezipha-
keme nama-altare akhe uHeze-
kiya akususile,[d] kuyilapho ethi
kuJuda neJerusalema, ‘Kufa-
nele nikhothame phambi kwa-
leli altare eliseJerusalema’?” ’[e]
**23** Manje ngicela nibheje ne-
nkosi yami inkosi yase-Asiriya:
Ngizoninika amahhashi angu-
2 000 sibone ukuthi nizokwazi
yini ukuthola abagibeli abane-
le abazowagibela.[f] **24** Ngisho
noma iGibhithe linganinika izi-
nqola zempi nabagibeli bama-
hhashi, ningakwazi yini uku-
nqoba ngisho nenduna eyodwa
esesikhundleni esiphansi ku-
nazo zonke ezincekwini ze-
nkosi yami? **25** Manje ingabe
angitholanga mvume kuJeho-
va yokuba ngizolwa nale nda-
wo ngiyibhubhise? UJehova
ngokwakhe uthe kimi, ‘Hamba
uyolwa naleli zwe, ulibhubhi-
se.’ ”

**26** U-Eliyakimi indodana ka-
Hilikiya, uShebina[g] noJowa
bathi kuRabishake:[h] “Sicela
ukhulume nezinceku zakho
ngolimi lwesi-Aramu,*[i] ngo-
ba siyasizwa; ungakhulumi na-
thi ngolimi lwamaJuda ku-
zwa abantu abasodongeni.”[j]
**27** Kodwa uRabishake wathi
kubo: “Ingabe inkosi yami ingi-
thume ukuba ngikhulume la
mazwi enkosini yenu nakini
kuphela? Ayingithumanga yini
nakula madoda ahlezi odonge-
ni, lawo azodla indle yawo
aphuze nomchamo wawo ka-
nye nani?”

**28** URabishake wama wa-
memeza ngolimi lwamaJuda,
wathi: “Yizwani izwi lenko-
si enkulu, inkosi yase-Asiri-
ya.[a] **29** Yilokhu inkosi eku-
shoyo, ‘Ningamvumeli uHeze-
kiya anikhohlise, ngoba ngeke
akwazi ukunisindisa esandleni
sami.[b] **30** Ningamvumeli uHe-
zekiya anenze nithembele ku-
Jehova, ngokuba athi: “Naka-
njani uJehova uzosisindisa, leli
dolobha ngeke linikelwe esa-
ndleni senkosi yase-Asiriya.”[c]
**31** Ningamlaleli uHezekiya,
ngoba yilokhu inkosi yase-Asi-
riya ekushoyo: “Zinikeleni kimi
nenze ukuthula nami,* yilowo
nalowo uyodla ensimini ya-
khe yamagilebhisi nasemkhi-
waneni wakhe aphuze ama-
nzi omthombo wakhe, **32** ngi-
ze ngifike nginithathe nginiyi-
se ezweni elinjengezwe laki-
ni,[d] izwe lokudla okusanhla-
mvu newayini elisha, izwe lika-
kolweni namasimu amagilebhi-
si, izwe leminqumo noju. Uma
nenza lokho niyophila ngeke
nife. Ningamlaleli uHezekiya,
ngoba uyanikhohlisa, ngoku-
ba athi, ‘UJehova uzosisindi-
sa.’ **33** Ukhona yini konkulu-
nkulu bezizwe oke wasindisa
izwe lakhe esandleni senkosi
yase-Asiriya? **34** Baphi onku-
lunkulu baseHamati[e] nabase-
Aripadi? Baphi onkulunkulu
baseSefarivayimi,[f] baseHena
nabase-Iva? Balisindisile yini
iSamariya esandleni sami?[g]
**35** Yimuphi unkulunkulu pha-
kathi kwabo bonke onkulunku-
lu bala mazwe osindise izwe

**18:26** *Noma, “lwesiSiriya.”

**18:31** *NgesiHebheru, “Zenzeleni isibusiso nami niphume nize kimi.”

**ISAHL. 18**
*a* 2Kh 18:7
*b* Isay 30:1, 2
*c* 2Kr 32:8
*d* 2Kr 31:1
*e* Dut 12:11, 13; 2Kr 32:12
*f* Isay 10:12, 13
*g* 2Kh 18:18
*h* 2Kh 18:17
*i* Ezr 4:7; Dan 2:4
*j* Isay 36:11, 12

**Uhla 2**
*a* Isay 36:13-20
*b* 2Kr 32:15
*c* 2Kh 19:32-34
*d* 2Kh 17:6
*e* Num 13:21
*f* 2Kh 17:24
*g* 2Kh 17:6

lakhe esandleni sami, okwe-
nza nicabange ukuthi uJehova
angasindisa iJerusalema esa-
ndleni sami?" ' "[a]
**36** Kodwa abantu bathula
bangamphendula ngazwi, ngo-
ba inkosi yayibayalile yathi:
"Ningamphenduli."[b] **37** Ko-
dwa u-Eliyakimi indodana kaHi-
likiya, owayengamele isigodlo,*
uShebina unobhala noJowa
indodana ka-Asafa umgcini-mi-
bhalo babuyela kuHezekiya izi-
ngubo zabo ziklebhukile bam-
tshela amazwi kaRabishake.

**19** Kwathi nje lapho iNkosi
uHezekiya izwa lokhu, ya-
klebhula izingubo zayo yemba-
tha indwangu yesaka yange-
na endlini kaJehova.[c] **2** Nge-
mva kwalokho, yathuma u-Eli-
yakimi, owayengamele isigo-
dlo,* uShebina unobhala nama-
doda amadala angabapristi, be-
mbethe indwangu yesaka, ya-
bathuma kumprofethi u-Isaya[d]
indodana ka-Amozi. **3** Bathi
kuye: "Yilokhu uHezekiya aku-
shoyo, 'Lolu suku luwusuku lo-
kucindezeleka, lokusolwa* no-
lokuhlaziswa; ngoba abantwana
sebekulungele ukuzalwa,# ko-
dwa awekho amandla okube-
letha.[e] **4** Mhlawumbe uJeho-
va uNkulunkulu wakho uzowe-
zwa wonke amazwi kaRabisha-
ke, othunywe inkosi yase-Asiri-
ya inkosi yakhe ukuba aklolo-
dele uNkulunkulu ophilayo,[f]
bese emjezisa ngenxa yala ma-
zwi uJehova uNkulunkulu wa-
kho awazwile. Ngakho thanda-
zela[g] abantu abasasele kuleli
zwe abasindile.' "
**5** Ngakho izinceku zeNko-
si uHezekiya zaya ku-Isaya,[h]
**6** u-Isaya wathi kuzo: "Yilo-
khu okufanele nikusho enkosi-
ni yenu, 'Yilokhu uJehova aku-
shoyo: "Ungesabi[a] ngenxa ya-
mazwi owezwile, amazwi izi-
khonzi zenkosi yase-Asiriya
ezingithuke ngawo.[b] **7** Bhe-
ka ngifaka umcabango engqo-
ndweni yayo,* izozwa umbiko
bese ibuyela ezweni layo; ngi-
zokwenza ukuba ibulawe nge-
nkemba ezweni layo." ' "[c]
**8** Ngemva kokuba uRabi-
shake ezwile ukuthi inkosi
yase-Asiriya isukile eLakishi,[d]
waphindela emuva wayitho-
la ilwa neLibhina.[e] **9** Ma-
nje inkosi yase-Asiriya yatho-
la umbiko wokuthi uThirahaka
inkosi yaseTopiya wayephumi-
le ezolwa nayo. Ngakho yaphi-
nde yathumela izithunywa[f] ku-
Hezekiya, yathi: **10** "Yilokhu
okufanele nikusho kuHezekiya
inkosi yakwaJuda, 'Ungamvu-
meli uNkulunkulu wakho othe-
mbele kuye ukuba akukhohli-
se, athi: "IJerusalema nge-
ke linikelwe esandleni senkosi
yase-Asiriya."[g] **11** Wena uzwi-
le ngalokho amakhosi ase-
Asiriya akwenzile kuwo wo-
nke amazwe ngokuwabhubhi-
sa.[h] Ingabe wena wedwa uzo-
sinda? **12** Ingabe onkulunku-
lu bezizwe ezaqothulwa okho-
kho bami bazisindisile yini? Li-
phi iGozani, iHarana,[i] iRezefi
nabantu base-Edene ababese-
Theli-asari? **13** Iphi inkosi ya-
seHamati, inkosi yase-Aripadi
nenkosi yedolobha laseSefari-
vayimi, nenkosi yaseHena ne-
yase-Iva?' "[j]
**14** UHezekiya wathatha izi-
ncwadi ezithunyweni wazifu-
nda. Ngemva kwalokho uHeze-
kiya wakhuphukela endlini ka-
Jehova wazendlala* phambi

---

**18:37; 19:2** *Noma, "indlu." **19:3** *Noma, "lokwedelelwa." #NgesiHebheru, "sebesemlonyeni wesibeletho."

**19:7** *NgesiHebheru, "ngifaka umoya kuyo." **19:14** *NgesiHebheru, "wazichaya."

**ISAHL. 18**
a 2Kh 19:17-19; 2Kr 32:15; Isay 37:23
b Isay 36:21, 22

**ISAHL. 19**
c Isay 37:1-4
d Isay 1:1
e Isay 26:17, 18
f 1Sa 17:45; 2Kh 18:35
g 2Sa 22:7; 2Kr 20:9; 2Kr 32:20; Hu 50:15
h Isay 37:5-7

**Uhla 2**
a Dut 20:3; Isay 41:10; Isay 51:7
b 2Kh 18:17
c 2Kr 32:21; Isay 37:37, 38
d 2Kh 18:14
e Isay 37:8-13
f 2Kh 18:17
g 2Kr 32:15
h 2Kh 17:5; 2Kr 32:10, 13; Isay 10:8-11
i Gen 11:31
j 2Kh 17:24; 2Kh 18:33, 34

kukaJehova.[a] **15** UHezekiya
wabe esethandaza[b] kuJehova
wathi: “O Jehova Nkulunkulu
ka-Israyeli, ohlezi esihlalweni
sobukhosi ngaphezu* kwama-
kherubi,[c] wena wedwa ungu-
Nkulunkulu weqiniso kuyo yo-
nke imibuso yomhlaba.[d] We-
nza amazulu nomhlaba. **16** O
Jehova, ngicela ulalele, uzwe![e]
Vula amehlo akho[f] Jehova,
ubone! Yizwa amazwi uSanehe-
ribi awathumele ukuze aklolo-
dele ngawo uNkulunkulu ophi-
layo. **17** Kuyiqiniso, Jehova,
ukuthi amakhosi ase-Asiriya
azibhuqile izizwe kanye nama-
zwe azo.[g] **18** Aphonse onku-
lunkulu bazo emlilweni, ngo-
ba bebengebona onkulunkulu[h]
kodwa bebewumsebenzi weza-
ndla zomuntu,[i] ukhuni ne-
tshe. Yingakho ababhubhisa.
**19** Manje, Jehova Nkulunkulu
wethu, sicela usisindise esa-
ndleni sakhe, ukuze yonke imi-
buso yomhlaba yazi ukuthi
wena, Jehova, unguNkulunku-
lu wena wedwa.”[j]

**20** U-Isaya indodana ka-
Amozi wathumela lo myale-
zo kuHezekiya, wathi: “Yilo-
khu uJehova uNkulunkulu ka-
Israyeli akushoyo, ‘Ngiwuzwi-
le umthandazo[k] wakho ngoku-
phathelene noSaneheribi inko-
si yase-Asiriya.[l] **21** Nali izwi
uJehova alikhulumile ngaye:

“Indodakazi eyintombi
yaseZiyoni iyakudelela,
ikuhleka usulu.
Indodakazi yaseJerusalema
ikunikinela ikhanda.
**22** Ngubani lo omklolodele
futhi wamthuka?[m]
Ngubani lo omphakamisele
izwi lakho[n]
Nombuke wamqhoshela?
NgoNgcwele ka-Israyeli![o]
**23** Ngezithunywa zakho[a] uklo-
lodele uJehova[b] wathi,
‘Ngezinqola zami zempi
ezininingi
Ngizonyukela ezintabeni
eziphakeme,
Ezingxenyeni ezikude
kakhulu zeLebhanoni.
Ngizogawula imisedari yalo
ephakeme, imijunipha
yalo yekhethelo.
Ngizongena emajukujukwi-
ni alo, ehlathini lakhona
elicinene.
**24** Ngizomba imithombo ngi-
phuze amanzi akwelinye
izwe;
Ngizokomisa yonke imifu-
dlana* yaseGibhithe nga-
mathe ezinyawo zami.’
**25** Awuzwanga yini? Kwanqu-
nywa* kudala.[c]
Ngakuhlela# ezinsukwini
ezidlule.[d]
Manje sengizokuletha.[e]
Wenza amadolobha anezivi-
kelo eziqinile abe yindu-
nduma yamanxiwa.[f]
**26** Izakhamuzi zawo ziyoba bu-
thaka;
Ziyokwesaba zibe
namahloni.
Ziyoba njengezimila
zasendle nanjengotshani
obuluhlaza,[g]
Njengotshani bokufulela
izindlu obuhangulwe
umoya wasempumalanga.
**27** Kodwa ngikwazi kahle
konke okwenzayo: lapho
uhlala, lapho uphuma,
lapho ungena,[h]
Nalapho ungithukuthelele,[i]
**28** Ngoba ngikuzwile ukungi-
thukuthelela kwakho[j] no-
kuklabalasa kwakho.[k]

**19:15** *Noma kungaba, “phakathi.”
**19:24** *Noma, “imiselekazi yeNayile.”
**19:25** *NgesiHebheru, “Kwenziwa.” #Noma, “Ngakwenza.”

ISAHL. 19
*a* 1Kh 8:30 Isay 37:14-20
*b* 2Kr 32:20
*c* Eks 25:22
*d* 1Kr 29:10, 11
*e* 1Kh 8:29 Hu 65:2
*f* 2Kr 16:9 Dan 9:18
*g* 2Kh 16:8, 9 2Kh 17:6, 24
*h* Isay 41:29
*i* Jer 10:3
*j* Hu 83:17, 18 Isay 45:5, 6
*k* 2Kh 19:15
*l* Isay 37:21, 22
*m* 2Kh 19:10
*n* 2Kh 18:30 Isay 10:12, 13
*o* Isay 37:23-25

Uhla 2
*a* 2Kh 18:17
*b* 2Kr 32:17 Isay 10:10, 11
*c* Isay 14:24
*d* Hu 33:11
*e* Isay 46:10
*f* Isay 10:5 Isay 37:26, 27
*g* Isay 40:7
*h* IzA 5:21 Heb 4:13
*i* Isay 37:28, 29
*j* Hu 46:6 Isay 10:5, 15
*k* 2Kh 18:35 Isay 10:12, 13

Ngakho ngizofaka ihhuku lami ekhaleni lakho namatomu ami[a] emlonyeni wakho,
Ngizokuphindisela emuva ngendlela oze ngayo."[b]

**29** "'Yile ndlela ozobona* ngayo ukuthi lezi zinto zizokwenzeka: Kulo nyaka nizodla okuzimilelayo;# ngonyaka wesibili nidle ukudla okusanhlamvu okumila kulokho;[c] kodwa ngonyaka wesithathu nizohlwanyela imbewu nivune, nitshale namasimu amagilebhisi nidle izithelo zawo.[d] **30** Labo abasindile[e] bendlu kaJuda bayohluma njengezitshalo bathele izithelo. **31** Ngoba abasele bayophuma eJerusalema, nalabo abasindile baphume eNtabeni iZiyoni. UJehova, umholi wamabutho asezulwini, uzokwenza lokhu ngenxa yentshiseko yakhe.[f]

**32** "'Ngakho yilokhu uJehova akushoyo ngenkosi yase-Asiriya:[g]

"Ngeke ingene kuleli dolobha[h]
Noma icibishele umcibisholo kulo
Noma ize kulo iphethe ihawu
Noma ilivimbezele.[i]
**33** Iyophindela emuva ngendlela eze ngayo;
Ngeke ingene kuleli dolobha," kusho uJehova.
**34** "Ngizolivikela leli dolobha[j] ngilisindise ngenxa yami[k]
Nangenxa yenceku yami uDavide."'"[l]

**35** Ngalobo busuku kwaphuma ingelosi kaJehova yabulala amadoda angu-185 000 ekamu lama-Asiriya.[a] Lapho abantu bevuka ekuseni, babona izidumbu.[b] **36** Ngakho uSaneheribi inkosi yase-Asiriya wahamba wabuyela eNineve[c] wayohlala khona.[d] **37** Kwathi esakhotheme ethempelini likaNisiroki* unkulunkulu wakhe, amadodana akhe u-Adirameleki noSharezeri ambulala ngenkemba,[e] ngemva kwalokho abalekela ezweni lase-Ararati.[f] U-Esari-hadoni[g] indodana yakhe wabusa esikhundleni sakhe.

**20** Ngalezo zinsuku uHezekiya wagula wacishe wafa.[h] Kwabe sekufika u-Isaya umprofethi indodana ka-Amozi kuye wathi: "Yilokhu uJehova akushoyo, 'Nikeza umndeni wakho* iziqondiso, ngoba uzofa; ngeke ululame.'"[i] **2** UHezekiya waphenduka wabheka odongeni wathandaza kuJehova, wathi: **3** "O Jehova, ngiyakuncenga, ngicela ukhumbule indlela engihambe ngayo phambi kwakho ngokwethembeka nangenhliziyo ephelele, ngenze okuhle emehlweni akho."[j] UHezekiya wabe esekhala kakhulu.

**4** U-Isaya wayengakaphumeli egcekeni eliphakathi lapho izwi likaJehova lifika kuye, lithi:[k] **5** "Phindela emuva, uthi kuHezekiya umholi wabantu bami, 'Yilokhu uJehova uNkulunkulu kaDavide ukhokho wakho akushoyo: "Ngiwuzwile umthandazo wakho. Ngizibonile izinyembezi zakho.[l] Ngizokwelapha ekuguleni kwakho.[m] Ngosuku lwesithathu ukusuka manje uzokhuphukela endlini kaJehova.[n] **6** Ngizonezela

**ISAHL. 19**
a Hu 32:9
b 2Kh 19:33
c Lev 25:4-6
d Isay 37:30-32
e 2Kr 32:22; Isay 10:20
f Isay 59:17; Zak 1:14, 15
g Isay 10:24
h 2Kr 32:22
i Isay 37:33-35
j Isay 31:5
k 1Sa 12:22; Isay 43:25; Hez 36:22
l 2Kh 20:6; Jer 23:5

**Uhla 2**
a 2Kr 32:21; Isay 31:8
b Eks 12:30; Isay 37:36-38
c Jon 1:2
d 2Kh 19:7, 28
e 2Kr 32:21
f Gen 8:4
g Ezr 4:2

**ISAHL. 20**
h 2Kr 32:24
i Isay 38:1-3
j 2Kr 31:20, 21; Hu 25:7; Hu 119:49
k Isay 38:4-6
l Hu 39:12
m Dut 32:39; Hu 41:3; Hu 103:3; Hu 147:3
n Hu 66:13; Hu 116:12-14

**19:29** *Okuwukuthi, uHezekiya. #Noma, "okumile ngenxa yembewu eyawela phansi."
**19:37** *Noma, "endlini kaNisiroki."
**20:1** *Noma, "abendlu yakho."

iminyaka engu-15 ekuphileni
kwakho* futhi ngizokusindisa
wena naleli dolobha esandle-
ni senkosi yase-Asiriya,[a] ngi-
zolivikela leli dolobha ngenxa
yami nangenxa kaDavide ince-
ku yami.” ’ ”[b]

**7** U-Isaya wathi: “Lethani
ikhekhe lamakhiwane omisi-
we agxishiwe.” Ngakho balile-
tha balibeka ethumbeni, nge-
mva kwalokho walulama kanca-
ne kancane.[c]

**8** UHezekiya wayebuze u-Isa-
ya wathi: “Yiluphi upha-
wu[d] engizobona ngalo uku-
thi uJehova uzongelapha no-
kuthi ngizoya endlini kaJehova
ngosuku lwesithathu?” **9** U-
Isaya waphendula wathi: “Yi-
lolu uphawu oluvela kuJeho-
va ukuze ubone ukuthi uJeho-
va uzoligcwalisa izwi alikhulu-
mile: Ingabe ufuna isithunzi
esisezitebhisini* siye phambi-
li ngamagxathu ayishumi noma
siphindele emuva ngamagxathu
ayishumi?”[e] **10** UHezekiya wa-
thi: “Kuyinto elula ukuba isi-
thunzi siye phambili ngamagxa-
thu ayishumi, kodwa hhayi uku-
ba siphindele emuva ngama-
gxathu ayishumi.” **11** Ngakho
u-Isaya umprofethi wabiza uJe-
hova, Yena wenza ukuba isithu-
nzi esisezitebhisini zika-Aha-
zi siphindele emuva ngamagxa-
thu ayishumi esase sehlile
kuzo.[f]

**12** Ngaleso sikhathi inkosi
yaseBhabhiloni uBerodaki-bha-
ladani indodana kaBhaladani
yathumela izincwadi nesipho
kuHezekiya, ngoba yayizwi-
le ukuthi uHezekiya wayeka-
de egula.[a] **13** UHezekiya wa-
zamukela* izithunywa wazibo-
nisa yonke indawo yakhe yoku-
gcina ingcebo[b]—isiliva, igolide,
amafutha ebhalsamu namanye
amafutha ekhethelo, izikhali
zakhe nakho konke okwaku-
tholakala endaweni yakhe yo-
kugcina ingcebo. Akukho lutho
uHezekiya angazange aziboni-
se lona esigodlweni sakhe# na-
kuwo wonke umbuso wakhe.

**14** Ngemva kwalokho u-Isa-
ya umprofethi waya eNkosini
uHezekiya wathi kuyo: “Athe-
ni la madoda futhi avela-
phi?” Ngakho uHezekiya
wathi: “Avela ezweni eliku-
de, eBhabhiloni.”[c] **15** Wayese-
thi: “Aboneni endlini yakho?”*
UHezekiya wathi: “Abone ko-
nke okusendlini yami.# Aku-
kho lutho engingawabonisanga
kona endaweni engigcina kuyo
ingcebo yami.”

**16** U-Isaya wathi kuHezeki-
ya: “Yizwa izwi likaJehova,[d]
**17** ‘Ziyeza izinsuku lapho ko-
nke okusendlini yakho* nalo-
kho okhokho bakho abaku-
qongelela, kuyothwalwa kuyi-
swe eBhabhiloni.[e] Akukho lu-
tho oluyosala,’ kusho uJeho-
va. **18** “Abanye enzalweni ya-
kho, bayothathwa[f] babe yizi-
khulu zegceke esigodlweni se-
nkosi yaseBhabhiloni.’ ”[g]

**19** UHezekiya wathi ku-Isa-
ya: “Izwi likaJehova olikhulu-
mile lihle.”[h] Waqhubeka wathi:
“Kuhle uma kuzoba nokuthula
nokuzinza* phakathi nesikha-
thi sokuphila# kwami.”[i]

---

**20:6** *NgesiHebheru, “ezinsukwini zakho.” **20:9** *Kungenzeka ukuthi lezi zitebhisi zazisetshenziselwa ukubala isikhathi.

**20:13** *Noma, “wazilalela.” #Noma, “endlini yakhe.” **20:15** *Noma, “esigodlweni sakho.” #Noma, “okusesigodlweni sami.” **20:17** *Noma, “okusesigodlweni sakho.” **20:19** *Noma, “neqiniso.” #NgesiHebheru, “nezinsuku zokuphila.”

---

**ISAHL. 20**
*a* 2Kr 32:22, Isay 10:24
*b* 2Kh 19:34, Isay 37:35
*c* Isay 38:21, 22
*d* Hlu 6:17, Isay 7:11
*e* Isay 38:7, 8
*f* Jos 10:12, 2Kr 32:31

**Uhla 2**
*a* Isay 39:1, 2
*b* 2Kr 32:27
*c* Isay 39:3, 4
*d* Isay 39:5-7
*e* 2Kh 24:12, 13, 2Kh 25:13, 2Kr 36:7, 18, Jer 27:21, 22, Dan 1:2
*f* 2Kh 24:12
*g* Dan 1:19, Dan 2:49
*h* Hu 141:5
*i* Isay 39:8

**20** Ngokuqondene nawo wo-
nke omunye umlando kaHe-
zekiya nawo wonke amandla
akhe nendlela enza ngayo ichi-
bi[a] nomsele ukuze alethe ama-
nzi edolobheni,[b] kulotshiwe
encwadini yomlando wama-
khosi akwaJuda. **21** Ngemva
kwalokho uHezekiya washona,
wangcwatshwa nokhokho ba-
khe;[c] uManase indodana ya-
khe[d] waba inkosi esikhundleni
sakhe.[e]

**21** UManase[f] wayeneminya-
ka engu-12 lapho eba yi-
nkosi, wabusa iminyaka engu-
55 eJerusalema.[g] Igama likani-
na kwakunguHefiziba. **2** We-
nza okubi emehlweni kaJeho-
va, elandela imikhuba enya-
nyekayo yezizwe[h] uJehova aye-
zixoshe phambi kwabantu ba-
kwa-Israyeli.[i] **3** Wakha kabu-
sha izindawo eziphakeme uHe-
zekiya uyise ayezidilizile,[j] wa-
misela uBhali ama-altare we-
nza nesigxobo esingcwele,*[k]
njengoba nje u-Ahabi inkosi ya-
kwa-Israyeli ayenzile.[l] Wakho-
thamela lonke ibutho lamazulu
walikhonza.[m] **4** Wakha nama-
altare endlini kaJehova,[n] uJe-
hova ayethe ngayo: "Igama
lami ngizolibeka eJerusale-
ma."[o] **5** Wakhela lonke ibu-
tho lamazulu[p] ama-altare ema-
gcekeni amabili endlu kaJeho-
va.[q] **6** Washisa indodana ya-
khe emlilweni njengomhlatshe-
lo; wenza imilingo,[r] wamisa
abasebenzelana nemimoya na-
babikezeli bekusasa.[s] Wenza
okubi kakhulu emehlweni ka-
Jehova, wamcasula.

**7** Wabeka umfanekiso oqo-
shiwe ayewenzile wesigxobo
esingcwele*[t] endlini uJeho-
va ayethe ngayo kuDavide
nakuSolomoni indodana ya-
khe: "Kule ndlu naseJerusa-
lema engilikhethile kuzo zonke
izizwe zakwa-Israyeli, ngizobe-
ka igama lami kuze kube pha-
kade.[a] **8** Ngeke ngiphinde ngi-
bangele ukuba ama-Israyeli
asuke ezweni engalinika okho-
kho bawo,[b] uma nje enza
ngokucophelela konke engiwa-
yale ngakho,[c] wonke uMthe-
tho inceku yami uMose awaya-
la ukuba awugcine." **9** Ko-
dwa awazange alalele, uMana-
se waqhubeka ewadukisa, ewe-
nzisa okubi kakhulu ukwedlu-
la izizwe uJehova ayeziqothule
phambi kwama-Israyeli.[d]

**10** UJehova waqhubeka
ekhuluma esebenzisa izince-
ku zakhe abaprofethi,[e] ethi:
**11** "UManase inkosi yakwa-
Juda wenze zonke lezi zi-
nto ezinyanyekayo; wenze ngo-
kukhohlakala ukwedlula wo-
nke ama-Amori[f] ayengaphambi
kwakhe,[g] wenza nokuba uJu-
da one ngezithixo zakhe ezi-
nyanyekayo.* **12** Ngakho yilo-
khu uJehova uNkulunkulu ka-
Israyeli akushoyo: 'Bheka ngi-
letha inhlekelele phezu kweJe-
rusalema[h] noJuda, eyokwe-
nza noma ubani ozwa ngayo
ashaqeke.*[i] **13** Ngizokwelule-
la phezu kweJerusalema inta-
mbo yokukala[j] eyasetshenzi-
swa eSamariya[k] nethuluzi loku-
qondisa elasetshenziswa endli-
ni ka-Ahabi,[l] ngiyolisulisisa iJe-
rusalema njengalapho umuntu
esulisisa isitsha, esisula bese
esiphendula esibhekisa pha-
nsi.[m] **14** Ngizobalaxaza aba-

---

**21:3, 7** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**21:11** *Lena yinkulumo yesiHebheru okungenzeka ihlobene negama elisho "ubulongwe," isetshenziswa njengenkulumo yokwedelela. **21:12** *NgesiHebheru, "eyokwenza izindlebe zanoma ubani ozwa ngayo zinkeneneze."

---

ISAHL. 20
a Joh 9:11
b 2Kr 32:30
c 1Kh 2:10
d 2Kh 21:16; 2Kh 23:26; 2Kr 33:11-13
e 2Kr 32:33

ISAHL. 21
f 1Kr 3:13; Mat 1:10
g 2Kr 33:1
h Dut 12:30, 31; 2Kr 36:14; Hez 16:51
i 2Kr 33:2-6
j 2Kh 18:1, 4
k 2Kh 23:4
l 1Kh 16:30, 32
m Dut 4:19
n Jer 32:34
o Dut 12:5; 2Sa 7:12, 13; 1Kh 8:29; 1Kh 9:3
p Hez 8:16
q 1Kh 6:36; 1Kh 7:12
r Lev 19:26
s Lev 20:27; Dut 18:10, 11
t 2Kh 23:6

Uhla 2
a 2Kr 33:7-9
b 1Kr 17:9
c Dut 28:1
d Dut 7:1
e 2Kr 33:10; 2Kr 36:15, 16; Jer 7:25; Mat 23:37
f Gen 15:16
g Lev 18:24, 25; 2Kh 23:26; 2Kh 24:3; Jer 15:4
h 2Kh 22:16, 17; Mik 3:12
i Jer 19:3
j Isay 28:17; IsiL 2:8
k 2Kh 17:6; Hez 23:33
l 1Kh 21:21; 2Kh 10:11
m Jer 25:9

sele befa lami[a] ngibanikele ezitheni zabo, bayothunjwa, nempahla yabo iyothathwa yizo zonke izitha zabo,[b] **15** ngenxa yokuthi benze okubi emehlweni ami futhi bebelokhu bengicasula kusukela osukwini okhokho babo abaphuma ngalo eGibhithe kuze kube namuhla.’ ”[c]

**16** UManase wachitha negazi eliningi kakhulu elingenacala kangangokuba lalingagcwala iJerusalema kusukela kolunye uhlangothi kuya kolunye,[d] ngaphandle kwesono sakhe sokubangela ukuba uJuda one ngokwenza okubi emehlweni kaJehova. **17** Ngokuqondene nawo wonke omunye umlando kaManase nakho konke akwenza nezono azenza, kulotshiwe encwadini yomlando wamakhosi akwaJuda. **18** Ekugcineni uManase walala nokhokho bakhe wangcwatshwa engadini yendlu yakhe, engadini ka-Uziza;[e] u-Amoni indodana yakhe wabusa esikhundleni sakhe.

**19** U-Amoni[f] wayeneminyaka engu-22 lapho eba inkosi, wabusa iminyaka emibili eJerusalema.[g] Igama likanina kwakunguMeshulemeti indodakazi kaHaruzi waseJothiba. **20** Waqhubeka enza okubi emehlweni kaJehova, njengoba nje uManase uyise ayenzile.[h] **21** Wahamba ngazo zonke izindlela zikayise, waqhubeka ekhonza izithixo ezinyanyekayo uyise ayezikhonza.[i] **22** Ngakho wamshiya uJehova uNkulunkulu wokhokho bakhe, akazange ahambe endleleni kaJehova.[j] **23** Ekugcineni izinceku zika-Amoni zamakhela uzungu zayibulala inkosi endlini yayo. **24** Kodwa abantu bezwe bababulala bonke labo abakhela iNkosi u-Amoni uzungu, benza uJosiya indodana yakhe waba inkosi esikhundleni sakhe.[a] **25** Ngokuqondene nawo wonke omunye umlando ka-Amoni, lokho akwenza, kulotshiwe encwadini yomlando wamakhosi akwaJuda. **26** Ngakho bamngcwaba ethuneni lakhe engadini ka-Uziza;[b] uJosiya indodana yakhe[c] wabusa esikhundleni sakhe.

**22** UJosiya[d] wayeneminyaka engu-8 lapho eba yinkosi, wabusa iminyaka engu-31 eJerusalema.[e] Igama likanina kwakunguJedida indodakazi ka-Adaya waseBozikati.[f] **2** Wenza okulungile emehlweni kaJehova wahamba ngazo zonke izindlela zikaDavide ukhokho wakhe,[g] akazange aphambukele kwesokudla noma kwesobunxele.

**3** Ngonyaka ka-18 weNkosi uJosiya, inkosi yathumela uShafani unobhala indodana ka-Azaliya indodana kaMeshulami, endlini kaJehova,[h] yathi: **4** “Khuphuka uye kuHilikiya[i] umpristi ophakeme, umcele aqoqe yonke imali elethwa endlini kaJehova,[j] abalindimnyango abayiqoqe kubantu.[k] **5** Leyo mali mayinikwe labo abengamele umsebenzi owenziwa endlini kaJehova, ukuze bona bayinike labo abasebenza endlini kaJehova abalungisa umonakalo* endlini,[l] **6** okuwukuthi, izingcweti, abakhi nomeselane; laba kumele bathenge ngayo izingodo namatshe aqoshiwe okulungisa indlu.[m] **7** Kodwa akufanele babuzwe ukuthi imali abayinikiwe bayisebenzise kanjani, ngoba bathembekile.”[n]

**22:5** *Noma, “izimfa.”

**ISAHL. 21**
*a* Dut 32:9; 2Kh 17:18
*b* Lev 26:25; Dut 28:63
*c* Dut 9:21; Dut 31:29; Hlu 2:11, 13
*d* 2Kh 24:3, 4; Jer 2:34; Mat 23:30; Heb 11:37
*e* 2Kh 21:23, 26
*f* Mat 1:10
*g* 2Kr 33:21
*h* 2Kr 33:22, 23
*i* 2Kh 21:1, 3
*j* 2Kh 22:16, 17; Jer 2:13

**Uhla 2**
*a* 2Kr 33:25
*b* 2Kh 21:18
*c* Mat 1:10

**ISAHL. 22**
*d* 1Kh 13:2; Jer 1:2; Zef 1:1
*e* 2Kr 34:1, 2
*f* Jos 15:20, 39
*g* 1Kh 15:5
*h* 2Kr 34:8
*i* 1Kr 6:13
*j* 2Kh 12:4, 5; 2Kr 24:8
*k* 2Kh 12:9; 2Kr 34:9
*l* 2Kh 12:11, 12; 2Kr 34:10
*m* 2Kr 34:11
*n* 2Kh 12:15; 2Kr 34:12

**8** Kamuva uHilikiya umpri-
sti ophakeme wathi kuShafa-
ni unobhala:[a] “Ngithole incwa-
di yoMthetho[b] endlini kaJeho-
va.” Ngakho uHilikiya wayinika
uShafani le ncwadi, yena wa-
yifunda.[c] **9** Ngemva kwalokho
uShafani unobhala waya enko-
sini wafike wathi kuyo: “Izince-
ku zakho zithulule imali ethola-
kale endlini zayinika labo abe-
ngamele umsebenzi owenziwa
endlini kaJehova.”[d] **10** USha-
fani unobhala waphinde wa-
thi enkosini: “Kukhona incwa-
di[e] uHilikiya umpristi angini-
ke yona.” UShafani wayifunda
phambi kwenkosi.

**11** Kwathi nje lapho inko-
si izwa amazwi ale ncwa-
di yoMthetho, yaklebhula izi-
ngubo zayo.[f] **12** Ngemva kwa-
lokho inkosi yayala uHilikiya
umpristi, u-Ahikamu[g] indoda-
na kaShafani, u-Akhibori indo-
dana kaMikhaya, uShafani uno-
bhala no-Asaya inceku yenkosi,
yathi: **13** “Hambani niyobuza
kuJehova, nibuzele mina naba-
ntu nawo wonke uJuda ngoku-
phathelene namazwi ale ncwa-
di etholakele; ngoba inkulu
intukuthelo kaJehova ngoku-
melene nathi,[h] ngenxa yokuthi
okhokho bethu abawalalelanga
amazwi ale ncwadi ngokwenza
konke okulotshwe kuyo ngoku-
phathelene nathi.”

**14** Ngakho uHilikiya umpri-
sti, u-Ahikamu, u-Akhibori,
uShafani no-Asaya baya ku-
Hulida umprofethikazi.[i] Waye-
ngumkaShalumi indodana ka-
Thikiva oyindodana kaHariha-
si, umnakekeli wezingubo,
ehlala eJerusalema eNgxenye-
ni Entsha; bakhuluma naye la-
pho.[j] **15** UHulida wathi kubo:
“Yilokhu uJehova uNkulunku-
lu ka-Israyeli akushoyo,
‘Tshelani umuntu onithume
kimi nithi: **16** “Yilokhu uJe-
hova akushoyo, ‘Ngizoletha
inhlekelele kule ndawo naseza-
khamuzini zakhona, azogcwa-
liseka wonke amazwi encwadi
inkosi yakwaJuda ewafundile.[a]
**17** Ngenxa yokuthi bangishiyi-
le bashunqisela abanye onkulu-
nkulu imihlatshelo[b] ukuze ba-
ngicasule ngawo wonke umse-
benzi wezandla zabo,[c] intuku-
thelo yami izokwehlela kule
ndawo futhi ngeke inqande-
ke.’ ”[d] **18** Kodwa yilokhu oku-
fanele nikusho enkosini yakwa-
Juda enithume ukuba nibuze
kuJehova, “Yilokhu uJehova
uNkulunkulu ka-Israyeli aku-
shoyo: ‘Ngokuphathelene na-
mazwi owezwile, **19** ngenxa
yokuthi inhliziyo yakho yalale-
la, yazithoba[e] phambi kukaJe-
hova lapho uzwa engikukhulu-
mile ngokumelene nale ndawo
nezakhamuzi zayo—ukuthi zi-
zoba yinto eshaqisayo nesi-
qalekiso—wase uklebhula izi-
ngubo zakho[f] wakhala pha-
mbi kwami, nami ngikuzwile,
kusho uJehova. **20** Yingakho
ngizokubuthela kokhokho ba-
kho,* uyongcwatshwa ngoku-
thula ethuneni lakho, ungayi-
boni yonke le nhlekelele engi-
zoyiletha kule ndawo.’ ” ’ ” Nge-
mva kwalokho baletha impe-
ndulo enkosini.

**23** Ngakho inkosi yayala
ukuba kubizwe wonke
amadoda amadala akwaJuda
nawaseJerusalema.[g] **2** Nge-
mva kwalokho inkosi yakhu-
phukela endlini kaJehova ka-
nye nawo wonke amadoda
akwaJuda, zonke izakhamuzi
zaseJerusalema, abapristi na-
baprofethi—bonke abantu, ku-
sukela komncane kuya komda-

---

22:20 *Lena inkulumo esankondlo echaza ukufa.

ISAHL. 22
a 2Kh 22:3
b Dut 31:24-26
c 2Kr 34:14, 15
d 2Kr 34:16-18
e Dut 31:9
f 2Kr 34:19-21, Jow 2:13
g 2Kh 25:22, Jer 26:24
h Dut 4:24, Dut 29:27, Dut 31:17
i Eks 15:20, Hlu 4:4, Neh 6:14, Luk 2:36, IzE 21:8, 9
j 2Kr 34:22-28

Uhla 2
a 2Kh 22:8
b Eks 20:3, Dut 32:17, Hlu 2:12, Jer 2:11
c Isay 2:8
d Dut 32:22, Isay 33:14, Jer 7:20, Hez 20:48
e 1Kh 21:29, Jak 4:6
f 2Kh 22:11

ISAHL. 23
g 2Kr 34:29, 30

la. Yabafundela wonke amazwi
encwadi[a] yesivumelwano[b] eya-
yitholakale endlini kaJeho-
va.[c] **3** Inkosi yama ngasensi-
keni yenza isivumelwano* pha-
mbi kukaJehova[d] sokuthi izo-
landela uJehova igcine imiyalo
yakhe, izikhumbuzo zakhe ne-
mithetho yakhe ngayo yonke
inhliziyo yayo nangawo wo-
nke umphefumulo# wayo ngo-
kwenza ngokuvumelana nama-
zwi alesi sivumelwano ayelo-
tshwe kule ncwadi. Bonke
abantu basamukela isivume-
lwano.[e]

**4** Inkosi yayala uHilikiya[f]
umpristi ophakeme, abapristi
besigaba sesibili nabalindim-
nyango ukuba bakhiphe zo-
nke izitsha ezazenzelwe uBha-
li ethempelini likaJehova neza-
zenzelwe isigxobo esingcwele#[g]
nezazenzelwe zonke izinkanye-
zi zezulu. Yazishisa ngaphandle
kweJerusalema endaweni eye-
hlela eKidroni, yathatha umlo-
tha wazo yawuyisa eBhethele.[h]
**5** Yaxosha abapristi bonkulu-
nkulu bezinye izizwe, ababebe-
kwe amakhosi akwaJuda uku-
ba bashunqise umusi wom-
hlatshelo ezindaweni ezipha-
keme emadolobheni akwaJuda
nasezindaweni eziseduze ne-
Jerusalema, nalabo abashunqi-
sa umusi womhlatshelo bewu-
shunqisela uBhali, ilanga, inya-
nga, imilaza nazo zonke izinka-
nyezi zamazulu.[i] **6** Wakhipha
isigxobo esingcwele#[j] endlini
kaJehova wasikhiphela ema-
phethelweni eJerusalema, eSi-
godini SaseKidroni, wasishi-
sa[k] eSigodini SaseKidroni wa-
sigaya saba luthuli, waphonsa
uthuli lwaso emathuneni aba-
ntukazana.[a] **7** Wabhidliza na-
magumbi ezifebe zesilisa zase-
thempelini[b] ayesendlini kaJe-
hova, lapho abesifazane babe-
lukela khona amatende oku-
khonza ezigxobo ezingcwele.#

**8** Walanda bonke abapristi
emadolobheni akwaJuda, wa-
ngcolisa izindawo eziphakeme
abapristi ababeshunqisa kuzo
umusi womhlatshelo, kusukela
eGeba[c] kuze kube seBheri-she-
ba.[d] Wadiliza nezindawo ezi-
phakeme ezazisesangweni li-
kaJoshuwa induna yedolobha,
ezazingakwesobunxele lapho
umuntu engena esangweni le-
dolobha. **9** Abapristi bezinda-
wo eziphakeme abazange ba-
khonze e-altare likaJehova eJe-
rusalema,[e] kodwa babesidla isi-
nkwa esingenamvubelo kanye
nabafowabo. **10** Walingcolisa
neThofeti[f] eliseSigodini Sama-
dodana KaHinomu,*[g] ukuze ku-
ngabikho muntu oshisa indo-
dana noma indodakazi yakhe
emlilweni njengomhlatshelo
oya kuMoleki.[h] **11** Amahhashi
ayenikelwe ngamakhosi akwa-
Juda elangeni akawavumela-
nga ukuba angene endlini ka-
Jehova ngegumbi* likaNatha-
ni-meleki isikhulu segceke,
elalisemiphemeni; wazishisa
ngomlilo izinqola ezazinikelwe
elangeni.[i] **12** Inkosi yadiliza
ama-altare ayakhiwe amakho-
si akwaJuda phezu kophahla
lwegumbi[j] eliphezulu lika-Aha-
zi, kanye nama-altare ayakhiwe
uManase emagcekeni amabili
endlu kaJehova.[k] Yawaphihliza,
yaphonsa uthuli lwawo eSigodi-
ni SaseKidroni. **13** Inkosi ya-
ngcolisa izindawo eziphakeme
ezaziphambi kweJerusalema,

**ISAHL. 23**
- *a* Dut 31:26
- *b* Eks 24:8
- *c* 2Kh 22:8
- *d* 2Kh 11:17; 2Kr 15:10, 12
- *e* Jos 24:24, 25; 2Kr 34:31, 32
- *f* 2Kh 22:4
- *g* 2Kh 21:1, 7; 2Kr 34:4
- *h* 1Kh 12:28, 29
- *i* 2Kh 21:1, 3; Jer 8:1, 2
- *j* 2Kh 21:1, 7
- *k* Dut 7:25

**Uhla 2**
- *a* 2Kr 34:4
- *b* Lev 18:22; Dut 23:17, 18; 1Kh 15:11, 12; 1Kh 22:46
- *c* Jos 21:17, 19; 1Kh 15:22
- *d* Gen 21:31
- *e* Hez 44:10; Mal 2:7, 8
- *f* Jer 7:31
- *g* Jos 15:8
- *h* 2Kh 16:2, 3; Jer 32:35
- *i* Dut 4:19; Hez 8:16
- *j* Jer 19:13; Zef 1:4, 5
- *k* 2Kh 21:1, 5

**23:3** *Noma, "yavuselela isivumelwano." **23:3, 4, 6, 7** #Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**23:10** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama, "iGehena." **23:11** *Noma, "ngekamelo lokudlela."

ezazingaseningizimu* yeNtaba
Yencithakalo,# uSolomoni inko-
si yakwa-Israyeli ayezakhele
u-Ashitoreti unkulunkulukazi
onyanyekayo wabaseSidoni; no-
Kemoshi unkulunkulu onyanye-
kayo wabakwaMowabi; noMi-
lkomu[a] unkulunkulu onyanye-
kayo wabakwa-Amoni.[b] **14** Ya-
phihliza izinsika ezingcwele
zaba izicucu, yagawula izigxo-
bo ezingcwele*[c] yagcwalisa izi-
ndawo zazo ngamathambo aba-
ntu. **15** Yabhidliza ne-altare
elaliseBhethele, indawo epha-
keme eyayakhiwe uJerobowa-
mu indodana kaNebhati, eya-
bangela ukuba u-Israyeli one.[d]
Ngemva kokubhidliza lelo alta-
re nendawo ephakeme, wayishi-
sa indawo ephakeme, wayigaya
yaba uthuli washisa nesigxobo
esingcwele.*[e]

**16** Lapho uJosiya ephendu-
ka futhi ebona amathuna aye-
sentabeni, wathi makuthathwe
amathambo kulawo mathuna,
wabe esewashisa phezu kwe-
altare ukuze alenze lingaku-
fanelekeli ukukhulekela, ngo-
kwezwi likaJehova elalimenye-
zelwe umuntu kaNkulunkulu
weqiniso, lapho ebikezela uku-
thi lezi zinto zazizokwenzeka.[f]
**17** Wabe esethi: "Elikabani le-
liya thuna elilaphaya?" Amado-
da edolobha athi kuye: "Yithu-
na lomuntu kaNkulunkulu we-
qiniso wakwaJuda[g] owabikeze-
la lezi zinto ozenzile e-altare
laseBhethele." **18** Ngakho wa-
thi: "Wayekeni kanjalo amatha-
mbo akhe, ningavumeli muntu
awathinte." Ngakho bawayeka
amathambo akhe kanye nama-
thambo omprofethi owayevela
eSamariya.[a]

**19** UJosiya wasusa zonke
izindlu zokukhonza ezazisezi-
ndaweni eziphakeme emadolo-
bheni aseSamariya[b] amakhosi
akwa-Israyeli ayezakhele uku-
casula uNkulunkulu, wenza
kuzo okufanayo nalokho aye-
kwenze eBhethele.[c] **20** Nga-
kho wabulala bonke abapristi
bezindawo eziphakeme ababe-
lapho, ebabulalela phezu kwa-
ma-altare, washisa namatha-
mbo abantu phezu kwawo.[d]
Ngemva kwalokho wabuyela
eJerusalema.

**21** Inkosi yabe isiyala bo-
nke abantu, yathi: "Gubhela-
ni uJehova uNkulunkulu wenu
iPhasika[e] njengoba kulotshi-
we kule ncwadi yesivumelwa-
no."[f] **22** Akukho Phasika eli-
njengaleli eliye lagujwa kusu-
kela ezinsukwini abahluleli
ababahlulela ngazo u-Israyeli,
nakuzo zonke izinsuku zama-
khosi akwa-Israyeli namakho-
si akwaJuda.[g] **23** Kodwa ngo-
nyaka ka-18 weNkosi uJosiya,
leli Phasika lagujelwa uJehova
eJerusalema.

**24** UJosiya wasusa abasebe-
nzelana nemimoya, ababikeze-
li bekusasa,[h] izithombe za-
matherafi,*[i] izithixo ezinya-
nyekayo# nazo zonke izinto
ezinyanyekayo ezase zikhona
ezweni lakwaJuda naseJeru-
salema, ukuze afeze amazwi
oMthetho[j] ayelotshwe encwadi-
ni uHilikiya umpristi ayeyitho-

**ISAHL. 23**
*a* Zef 1:4, 5
*b* 1Kh 11:5, 7
*c* Eks 23:24; Dut 7:5; 2Kr 34:1, 3
*d* 1Kh 12:28, 33
*e* 2Kr 34:6, 7
*f* 1Kh 13:2
*g* 1Kh 13:1

**Uhla 2**
*a* 1Kh 13:30, 31
*b* 1Kh 12:25, 31; 1Kh 13:32; 2Kh 17:9
*c* 2Kr 34:6, 7
*d* 1Kh 13:2
*e* 2Kr 35:1
*f* Eks 12:3-14
*g* 2Kr 35:18, 19
*h* Lev 19:31; Dut 18:10, 11; 2Kh 21:1, 6; Isay 8:19
*i* Gen 31:19
*j* Num 33:52; Dut 12:2

**23:13** *NgesiHebheru, "ezazingakweso-kudla." Okuwukuthi eningizimu uma umuntu ebheke empumalanga. #Okuwukuthi, iNtaba Yeminqumo, ikakhulukazi ingxenye yayo eseningizimu eyaziwa nangokuthi iNtaba Yecala. **23:14, 15** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**23:24** *Noma, "onkulunkulu bomndeni; izithixo." #Lena yinkulumo yesiHebheru okungenzeka ihlobene negama elisho "ubulongwe," isetshenziswa njengenkulumo yokwedelela.

le endlini kaJehova.[a] **25** Aku-
kho nkosi eyaba njengaye nga-
phambi kwakhe, eyabuyela ku-
Jehova ngayo yonke inhliziyo
yayo nangawo wonke umphe-
fumulo*[b] wayo nangawo wonke
amandla ayo, ngokuvumelana
nawo wonke uMthetho KaMo-
se; nangemva kwakhe akuvela-
nga nkosi efana naye.

**26** Noma kunjalo, intuku-
thelo kaJehova ayibohlanga
ngokumelene noJuda ngenxa
yazo zonke izinto ezicasulayo
uManase ayezenzile ukuze aca-
sule uNkulunkulu.[c] **27** UJe-
hova wathi: "NoJuda ngizo-
msusa emehlweni ami,[d] njengo-
ba nje ngimsusile u-Israyeli;[e]
ngizolilahla leli dolobha engali-
khetha, iJerusalema, nendlu
engathi ngayo, 'Igama lami li-
yoqhubeka lilapho.'"[f]

**28** Ngokuqondene nawo wo-
nke omunye umlando kaJosi-
ya, konke akwenza, kulotshiwe
encwadini yomlando wamakho-
si akwaJuda. **29** Ezinsukwini
zakhe uFaro Nekho inkosi ya-
seGibhithe weza ezolwa ne-
nkosi yase-Asiriya ngaseMfule-
ni i-Ewufrathe, iNkosi uJosiya
yaphuma yayolwa naye; kodwa
lapho uNekho embona uJosiya,
wambulala eMegido.[g] **30** Nga-
kho izinceku zakhe zathatha
isidumbu sakhe eMegido nge-
nqola zasiyisa eJerusalema
zamngcwaba ethuneni lakhe.
Abantu bakulelo zwe bathatha
uJehowahazi indodana kaJosi-
ya bamgcoba waba yinkosi esi-
khundleni sikayise.[h]

**31** UJehowahazi[i] wayenemi-
nyaka engu-23 lapho eba inko-
si, wabusa izinyanga ezinta-
thu eJerusalema. Igama likani-
na kwakunguHamuthali[j] indo-
dakazi kaJeremiya waseLibhi-
na. **32** Wenza okubi emehlwe-
ni kaJehova, ngokwakho ko-
nke okwakwenziwe okhokho
bakhe.[a] **33** UFaro Nekho[b] wa-
mvalela ejele eRibila[c] ezwe-
ni laseHamati, ukuze anga-
be esabusa eJerusalema, wa-
yesenqumela izwe inhlawulo
yamathalenta* esiliva angu-100
nethalenta legolide.[d] **34** Nga-
phezu kwalokho, uFaro Nekho
wenza u-Eliyakimi indodana ka-
Josiya waba inkosi esikhundle-
ni sikaJosiya uyise, washintsha
igama lakhe laba uJehoyakimi;
uJehowahazi wamthatha wa-
myisa eGibhithe,[e] lapho agcina
efele khona.[f] **35** UJehoyakimi
wanika uFaro isiliva negolide,
kodwa kwadingeka akhokhise
abantu intela, ukuze anikeze
uFaro isiliva ayelifuna. Wakho-
khisa umuntu ngamunye ina-
ni elinqunyiwe lesiliva negolide
kubantu bezwe, ukuze alinike
uFaro Nekho.

**36** UJehoyakimi[g] wayenemi-
nyaka engu-25 lapho eba inko-
si, wabusa iminyaka engu-
11 eJerusalema.[h] Igama li-
kanina kwakunguZebhida indo-
dakazi kaPhedaya waseRu-
ma. **37** Waqhubeka enza oku-
bi emehlweni kaJehova,[i] ngo-
kwakho konke okwakwenziwe
okhokho bakhe.[j]

**24** Ezinsukwini zikaJehoya-
kimi uNebukhadinezari[k]
inkosi yaseBhabhiloni weza
wazomhlasela, uJehoyakimi
waba inceku yakhe iminya-
ka emithathu. Nokho, wamjikela
wadlubulunda. **2** UJehova wa-
qala ukuthumela kuye amavi-
yo abaphangi amaKhaledi,[l]
awamaSiriya, awakwaMowa-
bi nawakwa-Amoni. Wayelokhu

---

**23:25** * Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**23:33** * Ithalenta lalilingana no-34,2 kg. Bheka iSithasiselo B14.

---

ISAHL. 23
a 2Kh 22:8
b Dut 4:29
c 2Kh 21:11, 12; 2Kh 24:3, 4; Jer 15:4
d Dut 29:28; 2Kh 25:11; Hez 23:33
e 2Kh 18:11; 2Kh 21:13
f Dut 12:5; 1Kh 8:29; 1Kh 9:3
g 1Kh 9:15; 2Kr 35:20-25; Zak 12:11
h 2Kr 36:1, 2
i Jer 22:11
j 2Kh 24:18

Uhla 2
a 2Kh 21:1, 2; 2Kh 21:19-21
b 2Kh 23:29
c Jer 39:5; Jer 52:10
d 2Kr 36:3
e 2Kr 36:4, 5
f Jer 22:11, 12
g Jer 1:3; Jer 22:18, 19
h 2Kr 36:5
i Jer 26:21; Jer 36:22-24
j 2Kr 28:24, 25; 2Kr 33:1, 4

ISAHL. 24
k Jer 25:1; Jer 46:2; Dan 1:1; Dan 3:1; Dan 4:33
l Hab 1:6

ewathumela ezweni lakwaJu-
da ukuze alibhubhise, ngo-
kwezwi likaJehova[a] ayelikhulu-
me ngezinceku zakhe abaprofe-
thi. **3** Lokhu kwenzeka kuJu-
da ngomyalo kaJehova, ukuze
amsuse emehlweni akhe[b] nge-
nxa yazo zonke izono uMana-
se ayezenzile,[c] **4** nangenxa ye-
gazi elingenacala ayelichithile,[d]
ngoba wayegcwalise iJerusale-
ma ngegazi elingenacala, futhi
lokhu uJehova wayengazimisele
ukukuthethelela.[e]

**5** Ngokuqondene nawo wo-
nke omunye umlando ka-
Jehoyakimi, konke akwe-
nza, kulotshiwe encwadini yo-
mlando wamakhosi akwaJu-
da.[f] **6** Ekugcineni uJehoyaki-
mi walala nokhokho bakhe;[g]
uJehoyakini indodana yakhe
waba inkosi esikhundleni sa-
khe.

**7** Inkosi yaseGibhithe ayiza-
nge iphinde iphume ezweni
layo iyohlasela, ngoba inkosi
yaseBhabhiloni yayithathe ko-
nke okwakungokwenkosi yase-
Gibhithe,[h] kusukela eMhoshe-
ni* WaseGibhithe[i] kuze kufike
eMfuleni i-Ewufrathe.[j]

**8** UJehoyakini[k] wayenemi-
nyaka engu-18 lapho eba yinko-
si, wabusa izinyanga ezintathu
eJerusalema.[l] Igama likanina
kwakunguNehushita indodaka-
zi ka-Elinathani waseJerusale-
ma. **9** Waqhubeka enza oku-
bi emehlweni kaJehova, ngoku-
vumelana nakho konke okwa-
kwenziwe uyise. **10** Phakathi
naleso sikhathi izinceku zika-
Nebukhadinezari inkosi yase-
Bhabhiloni zakhuphuka zayo-
hlasela iJerusalema, idolobha
lavinjezelwa.[m] **11** UNebukha-
dinezari inkosi yaseBhabhilo-
ni wafika edolobheni ngesikha-
thi izinceku zakhe zilivimbe-
zele.

**12** UJehoyakini inkosi ya-
kwaJuda waphuma waya enko-
sini yaseBhabhiloni,[a] yena no-
nina, izinceku zakhe, izikhu-
lu zakhe nezikhulu zakhe ze-
gceke;[b] inkosi yaseBhabhilo-
ni yamthumba ngonyaka ka-8
wokubusa kwayo.[c] **13** Nge-
mva kwalokho yathatha yonke
ingcebo yendlu kaJehova ne-
ngcebo yendlu yenkosi.*[d] Ya-
phihliza zonke izinto zegolide
uSolomoni inkosi yakwa-Isra-
yeli ayezenzile ethempelini li-
kaJehova.[e] Lokhu kwenzeka
njengoba nje uJehova aye-
bikezele. **14** Yaliyisa ekudi-
ngisweni lonke iJerusalema,
zonke izikhulu,[f] wonke ama-
doda angamaqhawe nazo zo-
nke izingcweti nabasebenza
ngensimbi*[g]—yathatha abangu-
10 000 yabayisa ekudingiswe-
ni. Akushiywanga muntu nga-
phandle kwabantu bezwe aba-
mpofu kakhulu.[h] **15** Yamtha-
tha kanjalo uJehoyakini[i] ya-
mdingisela eBhabhiloni;[j] yatha-
tha nonina wenkosi, abafazi
benkosi, izikhulu zayo zegce-
ke namadoda avelele ezwe ya-
bayisa ekudingisweni eBha-
bhiloni ibasusa eJerusalema.
**16** Inkosi yaseBhabhiloni ya-
thatha namadoda angamaqha-
we angu-7 000 yawadingisela
eBhabhiloni, kanye nezingcwe-
ti ezingu-1 000 nabasebenza
ngensimbi,* bonke bengama-
doda anamandla naqeqeshelwe
impi. **17** Inkosi yaseBhabhilo-
ni yenza uMathaniya ubaba
omncane kaJehoyakini[k] waba
yinkosi esikhundleni sakhe, ya-

**24:7** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**24:13** *Noma, “yesigodlo senkosi.”
**24:14, 16** *Noma kungaba, “nabakha izindonga zokuvikela.”

**ISAHL. 24**
*a* Lev 26:27, 28 Dut 28:15 2Kh 23:27
*b* Lev 26:33 Dut 4:26
*c* 2Kh 21:11 2Kh 23:26
*d* 2Kh 21:16 Jer 2:34 Jer 19:4
*e* Jer 15:1 IsiL 3:42
*f* 2Kr 36:8
*g* Jer 22:18, 19 Jer 36:30
*h* Jer 46:2
*i* Num 34:2, 5
*j* Gen 15:18 1Kh 4:21
*k* Jer 24:1 Jer 37:1
*l* 2Kr 36:8
*m* Dan 1:1

**Uhla 2**
*a* 2Kr 36:9, 10 Jer 24:1 Hez 17:12
*b* Jer 29:1, 2
*c* Jer 52:28
*d* 2Kh 20:13, 17
*e* 1Kh 7:48-50 Ezr 1:7 Dan 5:2
*f* Dan 1:3, 6
*g* Jer 24:1
*h* 2Kh 25:12
*i* 2Kh 25:27 1Kr 3:17
*j* Jer 22:24, 25
*k* 1Kr 3:15

shintsha igama lakhe laba uZe-
dekiya.[a]
**18** UZedekiya wayeneminya-
ka engu-21 lapho eba inkosi,
wabusa iminyaka engu-11 eJe-
rusalema. Igama likanina
kwakunguHamuthali[b] indoda-
kazi kaJeremiya waseLibhi-
na. **19** Waqhubeka enza oku-
bi emehlweni kaJehova, njenga-
kho konke uJehoyakimi aye-
kwenzile.[c] **20** Lezi zinto zehle-
la iJerusalema noJuda ngenxa
yentukuthelo kaJehova kwaze
kwaba yilapho esebasusile pha-
mbi kwakhe.[d] UZedekiya wadlu-
bulunda enkosini yaseBhabhi-
loni.[e]

**25** Ngonyaka ka-9 wokubusa
kukaZedekiya, ngosuku
lweshumi enyangeni yeshumi,
uNebukhadinezari[f] inkosi ya-
seBhabhiloni weza nalo lo-
nke ibutho lakhe lempi ezohla-
sela iJerusalema.[g] Wagxume-
ka amatende ukuze alwe
nalo, wakha udonga lokulivi-
mbezela nxazonke,[h] **2** idolo-
bha lavinjezelwa kwaze kwaba
unyaka ka-11 weNkosi uZedeki-
ya. **3** Ngosuku luka-9 ngenya-
nga yesine indlala yayibhokile[i]
edolobheni, abantu babengena-
kho ukudla.[j] **4** Izindonga ze-
dolobha zabhodlozwa,[k] lonke
ibutho lempi labaleka ebu-
suku laphuma ngesango eli-
sodongeni olubhangqiwe nga-
sengadini yenkosi, kuyilapho
amaKhaledi ezungeze idolo-
bha; inkosi yahamba ngendle-
la eya ngase-Araba.[l] **5** Ko-
dwa ibutho lamaKhaledi layija-
ha inkosi, layifica emathafeni
awugwadule aseJeriko, lonke
ibutho layo lempi lahlakazeka.
**6** Layibamba inkosi[m] lenyuka
nayo laya enkosini yaseBhabhi-
loni eRibila, ukuze igwetshwe.
**7** Amadodana kaZedekiya ba-
wabulala phambi kwakhe; nge-
mva kwalokho uNebukhadine-
zari wamkhipha amehlo uZe-
dekiya, wambopha ngamaketa-
nga ethusi waya naye eBhabhi-
loni.[a]
**8** Ngenyanga yesihlanu, ngo-
suku lwesikhombisa, ngo-
nyaka ka-19 kaNebukhadineza-
ri inkosi yaseBhabhiloni, uNe-
buzaradani[b] induna yonogada,
inceku yenkosi yaseBhabhilo-
ni, weza eJerusalema.[c] **9** Wa-
shisa indlu kaJehova,[d] indlu ye-
nkosi*[e] nazo zonke izindlu za-
seJerusalema;[f] washisa nezi-
ndlu zabo bonke abantu aba-
velele.[g] **10** Lonke ibutho lama-
Khaledi elalikanye nenduna yo-
nogada ladiliza izindonga ezazi-
biyele iJerusalema.[h] **11** UNe-
buzaradani induna yonogada
wabayisa ekudingisweni bonke
abantu ababesele edolobheni,
nalabo ababehlubukele enko-
sini yaseBhabhiloni naso so-
nke esinye isixuku.[i] **12** Ko-
dwa induna yonogada yaba-
shiya abanye kubantu abampo-
fu bezwe ukuze babe aba-
nakekeli bamasimu amagilebhi-
si nezisebenzi eziphoqelelwe.[j]
**13** AmaKhaledi aphihliza izi-
nsika zethusi[k] zendlu kaJeho-
va nezinqola[l] noLwandle lwe-
thusi[m] okwakusendlini kaJe-
hova, athwala ithusi lako ali-
yisa eBhabhiloni.[n] **14** Athatha
namakani namahalavu nezi-
nto zokucisha umlilo nezinko-
mishi nazo zonke izinto zethusi
ezazisetshenziswa ethempelini.
**15** Induna yonogada yathatha
imicengezi yokuphatha umlilo
nezitsha zegolide loqobo[o]
nezesiliva loqobo.[p] **16** Ngo-
kuqondene nezinsika ezimbili,
uLwandle nezinqola uSolomoni

ISAHL. 24
a 2Kr 36:10-12; Jer 37:1; Jer 52:1
b 2Kh 23:31
c 2Kh 23:36, 37; Jer 24:8; Jer 37:1, 2; Jer 38:5, 6; Hez 21:25
d 2Kh 23:27
e 2Kr 36:11, 13; Jer 27:12; Jer 38:17; Hez 17:12-15

ISAHL. 25
f Jer 27:8; Jer 43:10; Dan 4:1
g 2Kr 36:17; Jer 34:2; Hez 24:1, 2
h Isay 29:3; Jer 32:2, 28; Jer 39:1; Jer 52:4, 5; Hez 4:1, 2; Hez 21:21, 22
i Lev 26:26; Dut 28:53; Jer 37:21; Jer 38:2; IsiL 4:4; Hez 4:16; Hez 5:10, 12
j Jer 52:6-11
k Jer 21:4; Jer 39:2, 4-7; Hez 33:21
l Hez 12:12
m Jer 21:7

Uhla 2
a Jer 32:4, 5; Hez 12:12, 13; Hez 17:16
b Jer 40:1
c Jer 52:12-14; IsiL 4:12
d 1Kh 9:8; Hu 74:3; Hu 79:1; Isay 64:11; Jer 7:14; IsiL 1:10; IsiL 2:7; Mik 3:12
e 1Kh 7:1
f Jer 34:22
g 2Kr 36:19
h Neh 1:3; Jer 39:8
i Jer 15:2; Jer 39:9; Jer 52:15, 30; Hez 5:2
j Jer 39:10; Jer 52:16
k 1Kh 7:15
l 1Kh 7:27
m 1Kh 7:23
n 2Kh 20:17; Jer 52:17-20
o 1Kh 7:48, 50
p 2Kr 24:14; 2Kr 36:18; Ezr 1:7, 10, 11; Dan 5:2

**25:9** *Noma, "isigodlo senkosi."

ayezenzele indlu kaJehova, ya-
yingekho indlela yokwazi isisi-
ndo sethusi sazo zonke lezi zi-
nto.[a] **17** Insika ngayinye yayi-
ngamamitha angu-8 ukupha-
kama,[b] isihloko sayo sasenzi-
we ngethusi; isihloko sasinga-
mamitha amabili ukuphakama;
umhlobiso osasisefo nowama-
halananda* nxazonke zesihlo-
ko wawenziwe ngethusi.[c] Insika
yesibili nomhlobiso wayo osasi-
sefo kwakwenziwe ngendlela
efanayo.

**18** Induna yonogada yatha-
tha noSeraya[d] umpristi omkhu-
lu, uZefaniya[e] umpristi wesi-
bili nabalindimnyango aba-
thathu.[f] **19** Edolobheni yatha-
tha isikhulu segceke esiso-
dwa esasinegunya phezu kwe-
butho lempi, abangani aba-
hlanu benkosi ababesedolo-
bheni, kanye nonobhala we-
nduna yempi, owayebuthela
abantu bezwe empini, nama-
doda angu-60 kubantu aba-
phansi bezwe ababetholaka-
la edolobheni. **20** UNebuzara-
dani[g] induna yonogada waba-
thatha wabayisa enkosini yase-
Bhabhiloni eRibila.[h] **21** Inko-
si yaseBhabhiloni yababulala
eRibila ezweni laseHamati.[i] Ka-
njalo uJuda wasuka ezweni la-
khe waya ekudingisweni.[j]

**22** UNebukhadinezari inko-
si yaseBhabhiloni wamisa uGe-
daliya[k] indodana ka-Ahika-
mu[l] indodana kaShafani[m] phe-
zu kwabantu ababesele ezwe-
ni lakwaJuda.[n] **23** Lapho zo-
nke izinduna zebutho lempi
namadoda angaphansi kwa-
zo zizwa ukuthi inkosi ya-
seBhabhiloni yayimise uGeda-
liya, masinyane zeza kuGeda-
liya eMispa. Kwakungu-Ishma-
yeli indodana kaNethaniya,
uJohanani indodana kaKhare-
ya, uSeraya indodana kaTha-
nihumeti waseNethofa noJaha-
zaniya indodana yomMahakha,
zikanye namadoda angaphansi
kwazo.[a] **24** UGedaliya wafu-
nga kuzo nasemadodeni anga-
phansi kwazo wathi: "Ninge-
sabi ukuba yizinceku zamaKha-
ledi. Hlalani ezweni nikhonze
inkosi yaseBhabhiloni, kuzoni-
hambela kahle."[b]

**25** Ngenyanga yesikhombi-
sa u-Ishmayeli[c] indodana kaNe-
thaniya indodana ka-Elishama
owayezalwa ebukhosini* weza
namanye amadoda ayishumi,
babulala uGedaliya namaJuda
namaKhaledi ayekanye naye
eMispa.[d] **26** Ngemva kwalo-
kho bonke abantu, kusukela
komncane kuya komdala, ne-
zinduna zebutho lempi basuka
baya eGibhithe,[e] ngoba babesa-
ba amaKhaledi.[f]

**27** Ngonyaka ka-37 wokudi-
ngiswa kukaJehoyakini inko-
si[g] yakwaJuda, ngenyanga ka-
12, ngosuku luka-27 lwenyanga,
u-Evili-merodaki inkosi yase-
Bhabhiloni, ngonyaka aba nga-
wo yinkosi, wakhipha* uJeho-
yakini inkosi yakwaJuda ejele.[h]
**28** Wamphatha kahle, wam-
phakamisa kunamanye ama-
khosi ayekanye naye eBhabhi-
loni. **29** Ngakho uJehoyaki-
ni wakhumula izingubo za-
khe zasejele, wadla kanye ne-
nkosi zonke izinsuku zokuphi-
la kwakhe. **30** Inkosi yayimni-
ka ukudla usuku nosuku, zo-
nke izinsuku zokuphila kwa-
khe.

**ISAHL. 25**
*a* 1Kh 7:47
*b* 1Kh 7:15
*c* 1Kh 7:16, 20; Jer 52:21-23
*d* Ezr 7:1
*e* Jer 21:1, 2; Jer 29:25, 29
*f* Jer 52:24-27
*g* 2Kh 25:8; Jer 39:9; Jer 40:1
*h* Jer 39:5
*i* Num 34:2, 8; 1Kh 8:65
*j* Dut 28:36, 64; 2Kh 23:27; Jer 25:11
*k* Jer 39:13, 14
*l* Jer 26:24
*m* 2Kh 22:8
*n* Jer 40:5, 6

**Uhla 2**
*a* Jer 40:7-9
*b* Jer 27:12
*c* Jer 40:15
*d* Jer 41:1, 2
*e* Jer 42:14; Jer 43:4, 7
*f* Jer 41:17, 18
*g* 2Kh 24:8, 12; Jer 24:1; Mat 1:11
*h* Jer 52:31-34

---

**25:17** *Noma, "nowamahananadi."

**25:25** *NgesiHebheru, "owayeyimbewu yombuso." **25:27** *NgesiHebheru, "waphakamisa ikhanda."

EYOKUQALA

# YEZIKRONIKE

UHLU LOKUPHAKATHI


1 Kusukela ku-Adamu kuya ku-Abrahama (1-27)
Inzalo ka-Abrahama (28-37)
Abakwa-Edomi namakhosi kanye nabaholi babo (38-54)

2 Amadodana ka-Israyeli angu-12 (1, 2)
Inzalo kaJuda (3-55)

3 Inzalo kaDavide (1-9)
Inzalo yasebukhosini kaDavide (10-24)

4 Enye inzalo kaJuda (1-23)
UJabezi nomthandazo wakhe (9, 10)
Inzalo kaSimeyoni (24-43)

5 Inzalo kaRubeni (1-10)
Inzalo kaGadi (11-17)
AmaHagiri ayanqotshwa (18-22)
Ingxenye yesizwe sakwaManase (23-26)

6 Inzalo kaLevi (1-30)
Abahlabeleli basethempelini (31-47)
Inzalo ka-Aroni (48-53)
Izindawo zokuhlala zamaLevi (54-81)

7 Inzalo ka-Isakare (1-5), kaBhenjamini (6-12), kaNafetali (13), kaManase (14-19), ka-Efrayimi (20-29), neka-Asheri (30-40)

8 Inzalo kaBhenjamini (1-40)
Uhlu lozalo lukaSawule (33-40)

9 Uhlu lozalo ngemva kokubuya ekudingisweni (1-34)
Uhlu lozalo lukaSawule luyaphindwa (35-44)

10 Ukufa kukaSawule namadodana akhe (1-14)

11 UDavide ugcotshwa yiwo wonke u-Israyeli ukuba abe inkosi (1-3)
UDavide uthumba iZiyoni (4-9)
Amaqhawe anamandla kaDavide (10-47)

12 Abasekeli bobukhosi bukaDavide (1-40)

13 UMphongolo ulandwa eKiriyati-jeyarimi (1-14)
U-Uza uyabulawa (9, 10)

14 UDavide umiswa njengenkosi (1, 2)
Umndeni kaDavide (3-7)
AmaFilisti ayanqotshwa (8-17)

15 AmaLevi athwala uMphongolo awuyise eJerusalema (1-29)
UMikhali udelela uDavide (29)

16 UMphongolo ubekwa etendeni (1-6)
Ingoma kaDavide yokubonga (7-36)
"UJehova useyiNkosi!" (31)
Inkonzo phambi koMphongolo (37-43)

17 UDavide ngeke alakhe ithempeli (1-6)
Isivumelwano sombuso noDavide (7-15)
Umthandazo kaDavide wokubonga (16-27)

18 Ukunqoba kukaDavide (1-13)
Ukuqondisa kukaDavide (14-17)

19 Ama-Amoni adelela izithunywa zikaDavide (1-5)
Ukunqoba ama-Amoni namaSiriya (6-19)

20 IRaba liyathunjwa (1-3)
Kubulawa izidlakela zamaFilisti (4-8)

21 UDavide ubala abantu ngokungemthetho (1-6)
Isijeziso esivela kuJehova (7-17)
UDavide wakha i-altare (18-30)

22 Amalungiselelo kaDavide ethempeli (1-5)
UDavide uyala uSolomoni (6-16)
Izikhulu ziyalwa ukuba zisize uSolomoni (17-19)

23 UDavide uhlela amaLevi (1-32)
Kuhlukaniswa u-Aroni namadodana akhe (13)

24 UDavide uhlukanisa abapristi babe izigaba ezingu-24 (1-19)
Ezinye izabelo zamaLevi (20-31)

25 Abaculi nabahlabeleli basendlini kaNkulunkulu (1-31)

26 Izigaba zabalindisango (1-19)
Abaphathi bengcebo nezinye izikhulu (20-32)

27 Izikhulu emsebenzini wenkosi (1-34)

28 Inkulumo kaDavide ngokwakhiwa kwethempeli (1-8)
Iziyalezo eziya kuSolomoni; kukhishwa ipulani lokwakha (9-21)

29 Iminikelo yethempeli (1-9)
Umthandazo kaDavide (10-19)
Abantu bayathokoza; ubukhosi bukaSolomoni (20-25)
Ukufa kukaDavide (26-30)

**1** U-Adamu,
uSeti,[a]
u-Enoshe,
**2** uKhenani,
uMahalalele,[b]
uJarede,[c]
**3** u-Enoke,[d]
uMethusela,
uLameka,[e]
**4** uNowa,[f]
uShemi,[g] uHamu noJafete.[h]
**5** Amadodana kaJafete kwakunguGomere, uMagogi, uMadayi, uJavani, uThubhali,[i] uMesheke[j] noTirase.[k]
**6** Amadodana kaGomere kwakungu-Ashikenaze, uRifate noThogarma.[l]
**7** Amadodana kaJavani kwakungu-Elishahi, uTharishishi, uKitimi noRodanimi.
**8** Amadodana kaHamu kwakunguKushe,[m] uMizrayimi, uPhuthi noKhanani.[n]
**9** Amadodana kaKushe kwakunguSeba,[o] uHavila, uSabhitha, uRahama[p] noSabhitheka.
Amadodana kaRahama kwakunguSheba noDedani.[q]
**10** UKushe wazala uNimrode.[r] UNimrode waba owokuqala ukuba namandla emhlabeni.
**11** UMizrayimi wazala uLudimi,[s] u-Anamimi, uLehabhimi, uNafithuhimi,[t]
**12** uPhathirusimi,[u] uKhasiluhimi (okwavela kuye amaFilisti)[v] noKhafitorimi.[w]
**13** UKhanani wazala uSidoni[a] izibulo lakhe, uHeti[b]
**14** kanye nomJebusi,[c] umAmori,[d] umGirigashi,[e]
**15** umHivi,[f] umArike, umSini,
**16** umArivadi,[g] umZemari nomHamati.
**17** Amadodana kaShemi kwakungu-Elamu,[h] u-Ashuri,[i] u-Arpakishade, uLude no-Aramu,
kanye* no-Uze, uHule, uGeteri noMashe.[j]
**18** U-Arpakishade wazala uShela,[k] uShela wazala u-Ebhere.
**19** U-Ebhere wazala amadodana amabili. Igama lenye kwakunguPhelege,*[l] ngoba esikhathini sokuphila kwayo kwahlukaniswa umhlaba.# Igama lomfowabo kunguJokithani.
**20** UJokithani wazala u-Alimodade, uShelefi, uHazarimaveti, uJera,[m]
**21** uHadoramu, u-Uzali, uDikila,
**22** u-Obhali, u-Abhimayeli, uSheba,
**23** u-Ofiri,[n] uHavila[o] noJobabi; bonke laba babengamadodana kaJokithani.
**24** UShemi,
u-Arpakishade,
uShela,
**25** u-Ebhere,
uPhelege,[p]
uRehu,[q]

**ISAHL. 1**
a Gen 4:25
b Gen 5:12, 15
c Gen 5:18
d Heb 11:5
e Gen 5:25, 28
f Gen 5:29
g Gen 11:10
h Gen 6:10
i Isay 66:19
j Hez 27:13
k Gen 10:2
l Gen 10:3 Hez 27:14
m Isay 11:11
n Gen 10:6
o Hu 72:10
p Hez 27:22
q Gen 10:7
r Gen 10:8, 9
s Jer 46:9
t Gen 10:13, 14
u Hez 29:14
v Jos 13:2, 3
w Dut 2:23 Amo 9:7

**Uhla 2**
a Isay 23:2
b Gen 10:15-18
c Hlu 1:21
d Gen 15:16 Num 13:29 Dut 3:8
e Dut 7:1
f Jos 9:3, 7
g Hez 27:11
h Ezr 4:9
i Hez 27:23
j Gen 10:22, 23
k Gen 11:14
l Gen 11:19
m Gen 10:26-29
n 1Kh 9:28
o Gen 2:11 Gen 25:18
p Gen 11:19
q Gen 11:21

---

**1:17** * Abalandelayo amadodana ka-Aramu. Bheka uGen 10:23. **1:19** * Incazelo: "Ukuhlukana." # Noma, "abantu basemhlabeni."

**26** uSerugi,[a]
uNahori,[b]
uThera,[c]
**27** u-Abrama, okungukuthi
u-Abrahama.[d]
**28** Amadodana ka-Abraha-
ma kwakungu-Isaka[e] no-
Ishmayeli.[f]
**29** Yile indabuko yeminde-
ni yawo: Izibulo lika-Ishmayeli
uNebhayoti,[g] bese kuba uKhe-
dari,[h] u-Adibeli, uMibisamu,[i]
**30** uMishima, uDuma, uMasa,
uHadadi, uThema, **31** uJe-
thuri, uNafishi noKhedema.
Lawa kwakungamadodana ka-
Ishmayeli.
**32** Amadodana azalwa uKe-
tura,[j] isancinza sika-Abraha-
ma, kwakunguZimrani, uJoki-
shani, uMedani, uMidiyani,[k]
u-Ishibaki noShuwahi.[l]
Amadodana kaJokishani
kwakunguSheba noDedani.[m]
**33** Amadodana kaMidiyani
kwakungu-Efa,[n] u-Eferi, uHano-
ki, u-Abida no-Elidaha.
Wonke lawa kwakungama-
dodana kaKetura.
**34** U-Abrahama wazala
u-Isaka.[o] Amadodana ka-Isaka
kwakungu-Esawu[p] no-Israyeli.[q]
**35** Amadodana ka-Esawu
kwakungu-Elifazi, uRehuwe-
li, uJewushi, uJalamu no-
Khora.[r]
**36** Amadodana ka-Elifazi
kwakunguThemani,[s] u-Oma-
ri, uZefo, uGathamu, uKhena-
zi, uThimna no-Amaleki.[t]
**37** Amadodana kaRehuwe-
li kwakunguNahati, uZera,
uShamumaha noMiza.[u]
**38** Amadodana kaSeyiri[v]
kwakunguLothani, uShobali,
uZibheyoni, u-Ana, uDishoni,
u-Ezeri noDishani.[w]
**39** Amadodana kaLotha-
ni kwakunguHori noHomami.
Udadewabo kaLothani kwa-
kunguThimna.[a]
**40** Amadodana kaShobali
kwakungu-Alivani, uMana-
hati, u-Ebhali, uShefo no-
Onamu.
Amadodana kaZibheyoni
kwakungu-Aya no-Ana.[b]
**41** Indodana* ka-Ana kwa-
kunguDishoni.
Amadodana kaDishoni
kwakunguHemidani, u-Eshi-
bhani, u-Ithirani noKerani.[c]
**42** Amadodana ka-Ezeri[d]
kwakunguBhilihani, uZavani
no-Akani.
Amadodana kaDishani
kwakungu-Uze no-Arana.[e]
**43** Yilawa amakhosi ayebu-
sa ezweni lakwa-Edomi[f] nga-
phambi kokuba kubuse noma
iyiphi inkosi phezu kwama-
Israyeli:*[g] UBhela indodana ka-
Bheyori; igama ledolobha la-
khe kwakuyiDinihaba. **44** La-
pho uBhela efa, uJobabi
indodana kaZera waseBhozi-
ra[h] wabusa esikhundleni sa-
khe. **45** Lapho uJobabi efa,
uHushamu wasezweni lama-
Themani wabusa esikhundle-
ni sakhe. **46** Lapho uHusha-
mu efa, uHadadi indodana ka-
Bhedadi, owanqoba uMidiyani
endaweni* yakwaMowabi, wa-
busa esikhundleni sakhe. Iga-
ma ledolobha lakhe kwakuyi-
Aviti. **47** Lapho uHadadi efa,
uSamla waseMasireka wabu-
sa esikhundleni sakhe. **48** La-
pho uSamla efa, uShawu-
le waseRehobhoti ngaseMfule-
ni wabusa esikhundleni sakhe.
**49** Lapho uShawule efa, uBha-
li-hanani indodana ka-Akhibo-
ri wabusa esikhundleni sakhe.

**1:41** *NgesiHebheru, "Amadodana." **1:43** *NgesiHebheru, "kwamadodana akwa-Israyeli." **1:46** *NgesiHebheru, "ensimini."

ISAHL. 1
a Gen 11:23
b Gen 11:25
c Gen 11:26
d Gen 17:5
e Gen 21:3
f Gen 16:11, 12
g Gen 28:9
h Hez 27:21
i Gen 25:13-15
j Gen 25:1-4
k Gen 37:28
l Job 2:11
m Isay 21:13
n Isay 60:6
o IzE 7:8
p Gen 25:25
q Gen 32:28
r Gen 36:4, 5
s Obad 9
t Gen 36:11, 12
u Gen 36:13
v Gen 36:8
w Gen 36:20, 21

Uhla 2
a Gen 36:22
b Gen 36:23, 24
c Gen 36:25, 26
d 1Kr 1:38
e Gen 36:27, 28
f Gen 32:3
g Gen 36:31-39
h Jer 49:13

**50** Lapho uBhali-hanani efa,
uHadadi wabusa esikhundleni
sakhe. Igama ledolobha lakhe
kwakuyiPhawu, igama lomka-
khe kunguMehetabeli, indoda-
kazi kaMatiredi, indodakazi ka-
Mezahabi. **51** Ngemva kwalo-
kho uHadadi wafa.

Abaholi bakwa-Edomi kwa-
ba uMholi uThimna, uMho-
li u-Aliva, uMholi uJethe-
ti,[a] **52** uMholi u-Oholibhama,
uMholi u-Elahi, uMholi uPhi-
noni, **53** uMholi uKhenazi,
uMholi uThemani, uMholi uMi-
bizari, **54** uMholi uMagidiyeli,
uMholi u-Iramu. Laba kwaku-
ngabaholi bakwa-Edomi.

**2** Lawa kwakungamadodana
ka-Israyeli:[b] uRubeni,[c] uSi-
meyoni,[d] uLevi,[e] uJuda,[f] u-Isa-
kare,[g] uZebhuloni,[h] **2** uDani,[i]
uJosefa,[j] uBhenjamini,[k] uNafe-
tali,[l] uGadi[m] no-Asheri.[n]

**3** Amadodana kaJuda kwa-
kungu-Eri, u-Onani noShe-
la. Womathathu wawazale-
lwa indodakazi kaShuwa, um-
Khananikazi.[o] Kodwa u-Eri izi-
bulo likaJuda wayenza oku-
bi emehlweni kaJehova, nga-
kho wambulala.[p] **4** UThama-
ri[q] umalokazana kaJuda wa-
mzalela uPherezi[r] noZera. Ese-
wonke amadodana kaJuda aye-
mahlanu.

**5** Amadodana kaPherezi
kwakunguHezironi noHamule.[s]

**6** Amadodana kaZera kwa-
kunguZimri, u-Ethani, uHema-
ni, uKalikoli noDara. Esewonke
ayemahlanu.

**7** Indodana* kaKarmi kwa-
kungu-Akhari# owalethela
u-Israyeli inhlekelele,△[t] onga-
zange athembeke ngokunga-
wulaleli umyalo ophathelene
nezinto okwakufanele zibhu-
jiswe.[a]

**8** Indodana* ka-Ethani kwa-
kungu-Azariya.

**9** Amadodana kaHezironi
azalelwa wona kwakunguJera-
miyeli,[b] uRamu[c] noKelubayi.*

**10** URamu wazala u-Ami-
nadaba.[d] U-Aminadaba waza-
la uNaheshoni[e] isikhulu se-
nzalo kaJuda. **11** UNahe-
shoni wazala uSalima.[f]
USalima wazala uBhowazi.[g]
**12** UBhowazi wazala u-Obe-
de. U-Obede wazala uJese.[h]
**13** UJese wazala izibulo la-
khe u-Eliyabe, owesibili kwa-
ba u-Abhinadaba,[i] owesitha-
thu uShimeya,[j] **14** owesine
uNethaneli, owesihlanu uRa-
dayi, **15** owesithupha u-Oze-
mi, owesikhombisa uDavide.[k]
**16** Odadewabo kwakunguZe-
ruya no-Abhigayili.[l] Amadoda-
na kaZeruya kwakungu-Abhi-
shayi,[m] uJowabe[n] no-Asahe-
li,[o] ayemathathu. **17** U-Abhi-
gayili wazala u-Amasa,[p] uyi-
se ka-Amasa kwakunguJethe-
ri umIshmayeli.

**18** UKalebi* indodana ka-
Hezironi wazala uJesheri,
uShobabi no-Aridoni, ezale-
lwa umkakhe u-Azuba no-
Jeriyoti. **19** Lapho u-Azuba
efa, uKalebi washada u-Efra-
thi,[q] owamzalela uHure.[r]
**20** UHure wazala u-Uri. U-Uri
wazala uBhezalaleli.[s]

**21** Ngemva kwalokho uHezi-
roni walala nendodakazi ka-
Makiri[t] uyise kaGileyadi.[u] Wa-
yishada eseneminyaka engu-
60 ubudala, yamzalela uSegubi.
**22** USegubi wazala uJayire,[v]

---

**2:7, 8** *NgesiHebheru, "Amadodana." **2:7** #Incazelo: "Oletha Inhlekelele; Oletha Ukucwaswa." KuJos 7:1, uphinde abizwe ngokuthi u-Akhani. △Noma, "inkinga; ukucwaswa."

**2:9** *Uphinde abizwe ngoKalebi emavesini 18, 19, 42. **2:18** *Uphinde abizwe ngoKelubayi evesini 9.

---

ISAHL. 1
a Gen 36:40-43

ISAHL. 2
b Gen 32:28
c Gen 29:32; Gen 49:3, 4
d Gen 29:33
e Gen 29:34; Gen 49:5-7
f Gen 29:35; Gen 49:8-12; Heb 7:14
g Gen 30:18; Gen 49:14, 15
h Gen 30:20; Gen 49:13
i Gen 30:4-6; Gen 49:16-18
j Gen 30:22, 24; Gen 49:22-26
k Gen 35:16, 18; Gen 49:27
l Gen 30:7, 8; Gen 49:21
m Gen 30:9-11; Gen 49:19
n Gen 30:12, 13; Gen 49:20
o Gen 38:2-5
p Gen 38:7
q Gen 38:11
r Luk 3:23, 33
s Num 26:21
t Jos 7:15, 18

Uhla 2
a Dut 7:26; Jos 6:18; Jos 22:20
b 1Sa 27:10
c Rut 4:19-21; Mat 1:3
d Mat 1:4, 5
e Num 2:3
f Luk 3:23, 32
g Rut 2:1
h Rut 4:17, 22; 1Sa 16:1
i 1Sa 17:13
j 1Sa 16:6-10
k 1Sa 16:13; 1Sa 17:12; Mat 1:6
l 2Sa 17:25
m 2Sa 21:17; 2Sa 23:18, 19
n 2Sa 8:16; 1Kr 11:6
o 2Sa 2:18; 2Sa 3:30; 2Sa 23:24
p 2Sa 19:13; 1Kh 2:5
q 1Kr 4:4
r Eks 17:12; Eks 24:14
s Eks 31:2-5; Eks 36:1; Eks 37:1
t Gen 50:23; 1Kr 7:14
u Num 26:29; Jos 17:1
v Dut 3:14; Jos 13:29, 30

owayenamadolobha angu-23 ezweni lakwaGileyadi.[a] **23** Kamuva uGeshuri[b] noSiriya[c] bathatha iHavoti-jayire[d] kubantu abahlala khona, kanye neKhenati[e] nezindawo ezingaphansi kwalo,* amadolobha angu-60. Bonke laba babeyinzalo kaMakiri uyise kaGileyadi.

**24** Ngemva kokufa kukaHezironi[f] eKhalebhu-efratha, u-Abhiya umkaHezironi wamzalela u-Ashihuri[g] uyise kaThekhowa.[h]

**25** Amadodana kaJeramiyeli izibulo likaHezironi kwakunguRamu izibulo, uBhuna, u-Oreni, u-Ozemi no-Ahiya. **26** UJeramiyeli wayenomunye umfazi, igama lakhe kungu-Athara. Wayengunina ka-Onamu. **27** Amadodana kaRamu izibulo likaJeramiyeli kwakunguMahazi, uJamini no-Ekheri. **28** Amadodana ka-Onamu kwakunguShamayi noJada. Amadodana kaShamayi kwakunguNadabi no-Abhishuri. **29** Igama lomka-Abhishuri kwakungu-Abhihayili, owamzalela u-Ahibhani noMolidi. **30** Amadodana kaNadabi kwakunguSeledi no-Aphayimi. Kodwa uSeledi wafa engenabo abantwana. **31** Indodana* ka-Aphayimi kwakungu-Ishi. Indodana* ka-Ishi kwakunguSheshani, indodana# kaSheshani kungu-Ahilayi. **32** Amadodana kaJada umfowabo kaShamayi kwakunguJetheri noJonathani. Kodwa uJetheri wafa engenabo abantwana. **33** Amadodana kaJonathani kwakunguPheleti noZaza. Laba babeyinzalo kaJeramiyeli.

**34** USheshani wayengenawo amadodana, wayenamadodakazi kuphela. Wayenenceku engumGibhithe, igama layo kunguJariha. **35** USheshani waganisela uJariha inceku yakhe indodakazi yakhe, yamzalela u-Athayi. **36** U-Athayi wazala uNathani. UNathani wazala uZabhadi. **37** UZabhadi wazala u-Efilali. U-Efilali wazala u-Obede. **38** U-Obede wazala uJehu. UJehu wazala u-Azariya. **39** U-Azariya wazala uHelezi. UHelezi wazala u-Eleyasa. **40** U-Eleyasa wazala uSismayi. USismayi wazala uShalumi. **41** UShalumi wazala uJekamiya. UJekamiya wazala u-Elishama.

**42** Amadodana kaKalebi*[a] umfowabo kaJeramiyeli kwakunguMesha izibulo lakhe, owayenguyise kaZifi, namadodana kaMareshahi uyise kaHebroni. **43** Amadodana kaHebroni kwakunguKhora, uTaphuwa, uRekemi noShema. **44** UShema wazala uRahamu uyise kaJorikeyamu. URekemi wazala uShamayi. **45** Indodana kaShamayi kwakunguMawoni. UMawoni kwakunguyise kaBheti-zuri.[b] **46** U-Efa isancinza sikaKalebi wazala uHarana, uMoza noGazezi. UHarana wazala uGazezi. **47** Amadodana kaJahidayi kwakunguRegemi, uJothamu, uGeshani, uPhelethi, u-Efa noShahafi. **48** Isancinza sikaKalebi, uMahakha, sazala uSheberi noThirihana. **49** Ngokuhamba kwesikhathi sazala uShahafi uyise kaMadimana[c] noSheva uyise kaMakibhena noGibeya.[d]

---

2:23 *Noma, "ezilizungezile." 2:31 *NgesiHebheru, "Amadodana." #NgesiHebheru, "amadodana."

2:42 *Uphinde abizwe ngoKelubayi evesini 9.

ISAHL. 2
a Num 32:40, 41
b 2Sa 3:3; 2Sa 13:38
c 2Sa 8:6
d 1Kh 4:13
e Num 32:42
f Gen 46:12
g 1Kr 4:5
h Neh 3:5

Uhla 2
a 1Kr 2:9
b Jos 15:20, 58; Neh 3:16
c Jos 15:21, 31
d Jos 15:20, 57

Indodakazi kaKalebi[a] kwaku-
ngu-Akisa.[b] **50** Laba babeyi-
nzalo kaKalebi.
Amadodana kaHure[c] izibu-
lo lika-Efratha[d] kwakungu-
Shobali uyise kaKiriyati-jeya-
rimi,[e] **51** uSalima uyise ka-
Bhetlehema[f] noHarefi uyi-
se kaBheti-gaderi. **52** USho-
bali uyise kaKiriyati-jeyarimi
wayenamadodana: UHarowe
nengxenye yamaMenuhoti.
**53** Imindeni kaKiriyati-jeyari-
mi yayingama-Ithire,[g] ama-
Phuthi, amaShumati nama-
Mishira. AmaZora[h] nabase-
Eshitawoli[i] bavela kule mi-
ndeni. **54** Amadodana kaSa-
lima kwakunguBhetlehema,[j]
amaNethofa, u-Athiroti-bheti-
jowabe, ingxenye yamaMana-
hati, namaZora. **55** Iminde-
ni yababhali abahlala eJabe-
zi kwakungamaThirati, ama-
Shimeyati namaSukati. Lawa
kwakungamaKheni[k] avela ku-
Hamati uyise wendlu kaRe-
kabi.[l]

**3** Lawa kwakungamadodana
kaDavide azalelwa eHebro-
ni:[m] izibulo u-Amnoni,[n] unina
kwakungu-Ahinohama[o] wase-
Jizreyeli; eyesibili uDaniye-
li, unina kwakungu-Abhigayi-
li[p] umKarmeli; **2** eyesithathu
u-Absalomu[q] indodana kaMa-
hakha indodakazi kaTalima-
yi inkosi yaseGeshuri; eyesine
u-Adoniya[r] indodana kaHagiti;
**3** eyesihlanu uShefathiya, uni-
na kwakungu-Abhithali; eyesi-
thupha u-Itereyamu, unina ku-
ngumkaDavide u-Egila. **4** La
madodana ayisithupha wazale-
lwa wona eHebroni; wabu-
sa lapho iminyaka eyisikhombi-
sa nezinyanga eziyisithupha,
wabusa eJerusalema iminyaka
engu-33.[s]
**5** Nawa azalelwa wona eJe-
rusalema:[t] uShimeya, uShoba-
bi, uNathani[a] noSolomoni;[b] uni-
na walawa amane kwakungu-
Bhati-sheba[c] indodakazi ka-
Amiyeli. **6** Amanye amadoda-
na angu-9 kwakungu-Ibhari,
u-Elishama, u-Elifeleti, **7** uNo-
ga, uNefegi, uJafiya, **8** u-Eli-
shama, u-Eliyada no-Elifeleti.
**9** Wonke lawa kwakungama-
dodana kaDavide, ngaphandle
kwamadodana ezancinza, uda-
dewabo kwakunguThamari.[d]
**10** Indodana kaSolomoni
kwakunguRehobowamu;[e] uRe-
hobowamu wazala u-Abhi-
ya,[f] u-Abhiya wazala u-Asa,[g]
u-Asa wazala uJehoshafati,[h]
**11** uJehoshafati wazala uJe-
horamu,[i] uJehoramu wazala
u-Ahaziya,[j] u-Ahaziya wazala
uJehowashi,[k] **12** uJehowashi
wazala u-Amaziya,[l] u-Amaziya
wazala u-Azariya,[m] u-Azariya
wazala uJothamu,[n] **13** uJo-
thamu wazala u-Ahazi,[o] u-Aha-
zi wazala uHezekiya,[p] uHezeki-
ya wazala uManase,[q] **14** uMa-
nase wazala u-Amoni,[r] u-Amoni
wazala uJosiya.[s] **15** Amado-
dana kaJosiya kwakuyizibulo
uJohanani, eyesibili uJehoya-
kimi,[t] eyesithathu uZedekiya,[u]
eyesine uShalumi. **16** Ama-
dodana kaJehoyakimi kwaku-
nguJekoniya[v] owaba uyise ka-
Zedekiya. **17** Amadodana ka-
Jekoniya isiboshwa kwaku-
nguSheyalitiyeli, **18** uMaliki-
ramu, uPhedaya, uShenazari,
uJekamiya, uHoshama noNe-
dabhiya. **19** Amadodana ka-
Phedaya kwakunguZerubha-
bhele[w] noShimeyi; amado-
dana kaZerubhabhele kwa-
kunguMeshulamu noHanani-
ya (udadewabo kwakungu-
Shelomiti); **20** amanye ama-
dodana amahlanu kwakungu-
Hashuba, u-Oheli, uBhereki-
ya, uHasadiya noJushabi-hese-
di. **21** Amadodana kaHanani-
ya kwakunguPhelathiya no-

ISAHL. 2
a 1Kr 2:18
b Jos 15:16, 17
c Eks 17:12; Eks 24:14
d 1Kr 2:19
e Jos 15:9, 12; 1Kr 13:5
f Gen 35:19; Joh 7:42
g 1Kr 11:10, 40
h 1Kr 4:2
i Jos 15:20, 33
j Gen 35:19; Mat 2:1
k Hlu 1:16; Hlu 4:11; 1Sa 15:6
l 2Kh 10:15; Jer 35:6, 19

ISAHL. 3
m 2Sa 3:2-5
n 2Sa 13:32
o 1Sa 25:43
p 1Sa 25:2, 39
q 2Sa 13:28, 37; 2Sa 15:10; 2Sa 18:14
r 1Kh 1:5, 11; 1Kh 2:24
s 2Sa 5:5
t 2Sa 5:13-16; 1Kr 14:3-7

Uhla 2
a Luk 3:23, 31
b Mat 1:7
c 2Sa 11:3, 27
d 2Sa 13:1
e 1Kh 11:43
f 2Kr 13:1
g 2Kr 14:1
h 2Kr 20:31
i 2Kr 21:5
j 2Kr 22:2
k 2Kr 24:1
l 2Kr 25:1
m 2Kh 14:21
n 2Kr 27:1
o 2Kr 28:1
p 2Kr 29:1
q 2Kh 21:1
r 2Kh 21:19
s 2Kh 22:1
t 2Kh 23:34; 2Kr 36:5
u 2Kh 24:17; 2Kr 36:11
v 2Kh 24:6, 8; 2Kh 25:27; Est 2:6
w Ezr 5:2; Mat 1:12; Luk 3:23, 27

Jeshaya; indodana* kaJeshaya
kunguRefaya; indodana* ka-
Refaya kungu-Arinani; indo-
dana* ka-Arinani kungu-Oba-
diya; indodana* ka-Obadiya
kunguShekaniya; **22** inzalo*
kaShekaniya kwakunguShema-
ya namadodana kaShemaya:
uHathushi, u-Igali, uBhariya,
uNeyariya noShafati—ayeyisi-
thupha esewonke. **23** Ama-
dodana kaNeyariya kwaku-
ngu-Eliyohenayi, uHizikiya
no-Azirikamu, ayemathathu.
**24** Amadodana ka-Eliyohenayi
kwakunguHodaviya, u-Eliyashi-
bi, uPhelaya, u-Akhubi, uJoha-
nani, uDelaya no-Anani, ayeyi-
sikhombisa.

**4** Amadodana kaJuda kwa-
kunguPherezi,[a] uHezironi,[b]
uKarmi, uHure[c] noShobali.[d]
**2** URewaya indodana kaSho-
bali wazala uJahati; uJaha-
ti wazala u-Ahumayi noLaha-
di. Lena kwakuyimindeni ya-
maZora.[e] **3** Lawa kwakunga-
madodana kayise ka-Etamu:[f]
UJizreyeli, u-Ishima no-Idiba-
shi (igama likadadewabo kwa-
kunguHazeleliponi), **4** uPhe-
nuweli wayenguyise kaGedo-
ri, u-Ezeri enguyise kaHusha.
Lawa kwakungamadodana ka-
Hure,[g] izibulo lika-Efratha no-
yise kaBhetlehema.[h] **5** U-Ashi-
huri[i] uyise kaThekhowa[j] wa-
yenabafazi ababili, uHela no-
Nahara. **6** UNahara wamzale-
la u-Ahuzamu, uHeferi, uThe-
meni noHawahashitari. Lawa
kwakungamadodana kaNaha-
ra. **7** Amadodana kaHela kwa-
kunguZerethi, u-Izihari no-Ethi-
nani. **8** UKhozi wazala u-Anu-
bi, uZobeba nemindeni ka-Aha-
riheli indodana kaHarumi.

**9** UJabezi wayenodumo ka-
khulu kunabafowabo; unina
wamqamba ngokuthi uJabezi,*
ethi: "Ngamzala ngezinhlungu."
**10** UJabezi wabiza uNkulu-
nkulu ka-Israyeli, wathi: "Uku-
be nje ubungangibusisa wandi-
se indawo yami futhi isa-
ndla sakho sibe nami, ungilo-
nde enhlekeleleni ingangilima-
zi." Ngakho uNkulunkulu wa-
kwenza lokho ayekucelile.

**11** UKelubi umfowabo kaShu-
ha wazala uMehiri, owayengu-
yise ka-Eshitoni. **12** U-Eshitoni
wazala uBheti-rafa, uPhaseya
noThehina uyise ka-Iri-nahashi.
Lawa kwakungamadoda aseRe-
kha. **13** Amadodana kaKhena-
zi kwakungu-Otheniyeli[a] noSera-
ya, indodana* ka-Otheniyeli ku-
nguHathathi. **14** UMehonotha-
yi wazala u-Ofira. USeraya wa-
zala uJowabe uyise wamaGe-
harashimi,* abizwa kanjalo ngo-
ba ayeyizingcweti.

**15** Amadodana kaKalebi[b]
indodana kaJefune kwakungu-
Iru, u-Elahi noNahamu; indo-
dana* ka-Elahi kwakunguKhe-
nazi. **16** Amadodana kaJeha-
leli kwakunguZifi, uZifa, uThi-
riya no-Asareli. **17** Amadoda-
na ka-Ezrahi kwakunguJethe-
ri, uMeredi, u-Eferi noJaloni;
wakhulelwa* wazala uMiriya-
mu, uShamayi no-Ishiba uyi-
se ka-Eshitemowa. **18** (Umka-
khe ongumJuda wazala uJeredi
uyise kaGedori, uHebhere uyise
kaSoko noJekuthiyeli uyise ka-
Zanowa.) Lawa kwakungama-
dodana kaBhithiya indodakazi
kaFaro eyashada noMeredi.

**19** Amadodana omkaHodi-
ya, udadewabo kaNahamu,
azala uKheyila umGarimi

ISAHL. 4

a Gen 38:29, Num 26:20, Rut 4:18, Mat 1:3
b Gen 46:12, 1Kr 2:5
c Eks 17:12, Eks 24:14, 1Kr 2:19
d 1Kr 2:50
e 1Kr 2:53
f 2Kr 11:5, 6
g 1Kr 2:19
h Mik 5:2
i 1Kr 2:24
j 2Kr 11:5, 6

Uhla 2

a Jos 15:16, 17, Hlu 3:9, 11
b Num 32:11, 12, Jos 15:13

**3:21, 22; 4:13, 15** *NgesiHebheru, "amadodana."

**4:9** *Igama elithi Jabezi kungenzeka lihlobene negama lesiHebheru elisho "ubuhlungu." **4:14** *Incazelo: "ISigodi Sezingcweti." **4:17** *Kungenzeka kubhekiselwa kuBhithiya osevesini 18.

no-Eshitemowa waseMahakha-
ti. **20** Amadodana kaShimo-
ni kwakungu-Amnoni, uRina,
uBheni-hanani noThiloni. Ama-
dodana ka-Ishi kwakunguZohe-
ti noBheni-zoheti.

**21** Amadodana kaShela[a]
indodana kaJuda kwakungu-
Eri uyise kaLekha, uLada uyise
kaMareshahi nemindeni yaba-
sebenza ngendwangu esezinge-
ni eliphezulu bendlu ka-Ashi-
bheya, **22** noJokimi, amado-
da aseKhozeba, uJowashi no-
Sarafi, ababa nabafazi ba-
kwaMowabi, noJashubi-lehemi.
Le mininingwane eyakudala.*
**23** Ayengababumbi ababehlala
eNethayimi naseGedera. Aye-
hlala lapho esebenzela inkosi.

**24** Amadodana kaSimeyo-
ni[b] kwakunguNemuweli, uJami-
ni, uJaribi, uZera noShawu-
le.[c] **25** UShawule wazala uSha-
lumi, uShalumi wazala uMibi-
samu, uMibisamu wazala uMi-
shima. **26** Indodana kaMishi-
ma kwakunguHamuweli, uHa-
muweli wazala uZakuri, uZakuri
wazala uShimeyi. **27** UShime-
yi wayenamadodana angu-16 na-
madodakazi ayisithupha; kodwa
abafowabo abazange babe na-
madodana amaningi, futhi ake-
kho emindenini yabo owaba na-
maningi kunoJuda.[d] **28** Bahla-
la eBheri-sheba,[e] eMolada,[f]
eHazari-shuwali,[g] **29** eBhiliha,
e-Ezemi,[h] eTholadi, **30** eBhetu-
weli,[i] eHorma,[j] eZikilagi,[k]
**31** eBheti-marikabhoti, eHaza-
ri-susimi,[l] eBheti-bhiri naseSha-
harayimi. Lawa kwakungamado-
lobha abo kwaze kwaba yilapho
kubusa uDavide.

**32** Izindawo zabo zokuhlala
kwakuyi-Etamu, i-Ayini, iRimo-
ni, iThokheni ne-Ashani,[m] ama-
dolobha amahlanu, **33** kanye
nezindawo zabo zokuhlala eza-
zizungeze wonke la mado-
lobha kuze kuyofika eBhali.
Yile ndlela ababebhaliswe nga-
yo ngokwezinhlu zozalo lwa-
bo nezindawo ababehlala kuzo.
**34** Olunye uzalo lukaSimeyoni
kwakunguMeshobabi, uJamu-
leki noJosha indodana ka-
Amaziya, **35** uJoweli, uJehu
oyindodana kaJoshibiya oyi-
ndodana kaSeraya oyindoda-
na ka-Asiyeli, **36** no-Eliyohe-
nayi, uJahakoba, uJeshoha-
ya, u-Asaya, u-Adiyeli, uJe-
simiyeli, uBhenaya, **37** noZi-
za indodana kaShifi oyindoda-
na ka-Aloni oyindodana kaJe-
daya oyindodana kaShimri oyi-
ndodana kaShemaya; **38** laba
abashiwo ngamagama babe-
yizikhulu phakathi kweminde-
ni yabo, nendlu yokhokho babo
yanda. **39** Baya lapho kunge-
nwa khona eGedori, ngase-
mpumalanga yesigodi, beyofu-
nela imihlambi yabo amadlelo.
**40** Ekugcineni bathola ama-
dlelo aluhlaza namahle, futhi
izwe lalivulekile, lithule, li-
ngenaziphazamiso. Kwakukade
kuhlala inzalo kaHamu la-
pho.[a] **41** Laba amagama abo
ayesohlwini bafika ezinsukwini
zeNkosi yakwaJuda uHezeki-
ya[b] bawisa amatende abakwa-
Hamu nawamaMeyuni ababela-
pho. Babaqothula kwaze kwa-
ba yilolu suku; bahlala endawe-
ni yabo ngoba kwakunamadle-
lo emihlambi yabo lapho.

**42** Abanye bozalo lukaSime-
yoni, amadoda angu-500, baya
eNtabeni iSeyiri[c] noPhelathi-
ya, uNeyariya, uRefaya no-Uzi-
yeli, amadodana ka-Ishi ayeba-
hola. **43** Abulala ama-Amale-
ki[d] ayephunyukile, futhi abelo-
khu ehlala khona kuze kube yi-
lolu suku.

ISAHL. 4
*a* Gen 38:2, 5 Num 26:20
*b* Gen 46:10
*c* Num 26:12, 13
*d* Num 26:22
*e* Jos 19:1, 2
*f* Jos 15:21, 26
*g* Jos 15:21, 28 Jos 19:1, 3 Neh 11:25-27
*h* Jos 15:21, 29
*i* Jos 19:1, 4
*j* Hlu 1:17
*k* Jos 15:20, 31 Jos 19:1, 5 1Sa 27:5, 6
*l* Jos 19:1, 5
*m* Jos 19:1, 7

Uhla 2
*a* Gen 10:6, 20
*b* 2Kr 29:1
*c* Gen 36:8
*d* Eks 17:14, 16 1Sa 15:7

---

**4:22** *Noma, "La mazwi avela kokwaku-shiwo kudala."

**5** Lawa amadodana kaRu-
beni,[a] izibulo lika-Israye-
li. Wayeyizibulo, kodwa nge-
nxa yokuthi wangcolisa um-
bhede kayise,*[b] ilungelo lakhe
lobuzibulo lanikwa amadoda-
na kaJosefa,[c] indodana ka-
Israyeli, ngakho akafakwanga
ohlwini lozalo njengofanelwe
yilungelo lobuzibulo. **2** Naku-
ba uJuda[d] ayemkhulu kuna-
bafowabo futhi lowo owayezo-
ba umholi avela kuye,[e] ilu-
ngelo lobuzibulo lalingelikaJo-
sefa. **3** Amadodana kaRubeni
izibulo lika-Israyeli kwakungu-
Hanoki, uPhalu, uHezironi no-
Karmi.[f] **4** Indodana* kaJowe-
li kwakunguShemaya, uShema-
ya wazala uGogi, uGogi waza-
la uShimeyi, **5** uShimeyi wa-
zala uMika, uMika wazala uRe-
waya, uRewaya wazala uBhali,
**6** uBhali wazala uBhera, lowo
inkosi yase-Asiriya uThiligati-
philineseri[g] eyamyisa ekudingi-
sweni; wayeyisikhulu sabakwa-
Rubeni. **7** Abafowabo ababe-
fakwe ohlwini lozalo ngokwe-
mindeni yabo, ngokozalo lwa-
bo, kwakunguJeheyeli oyinhlo-
ko, uZakariya, **8** uBhela indo-
dana ka-Azazi oyindodana ka-
Shema oyindodana kaJoweli,
owayehlala e-Aroweri[h] kuze
kufike eNebo naseBhali-meho-
ni.[i] **9** Indawo ayehlala kuyo
empumalanga yayize ifike la-
pho kuqala khona ihlane eMfu-
leni i-Ewufrathe,[j] ngoba imfu-
yo yabo yayisiningi ezweni la-
kwaGileyadi.[k] **10** Ezinsukwini
zikaSawule balwa namaHagi-
ri bawanqoba, ngakho bahla-
la ematendeni abo kuyo yonke
indawo esempumalanga yeGi-
leyadi.
**11** Inzalo kaGadi yayihlala
eduze kwabo ezweni laseBha-
shani kuze kuyofika eSaleka.[a]
**12** EBhashani uJoweli wayeyi-
nhloko, uShafamu engowesibi-
li, kukhona noJanayi no-
Shafati. **13** Abafowabo bezi-
ndlu zoyise kwakunguMikaye-
li, uMeshulamu, uSheba, uJo-
rayi, uJakani, uZiya no-Ebhe-
re, sebebonke babeyisikhombi-
sa. **14** Lolu uzalo luka-Abhi-
hayili oyindodana kaHuri oyi-
ndodana kaJarowa oyindodana
kaGileyadi oyindodana kaMika-
yeli oyindodana kaJeshishayi
oyindodana kaJahido oyindo-
dana kaBuzi. **15** U-Ahi oyi-
ndodana ka-Abhidiyeli oyindo-
dana kaGuni, wayeyinhloko
yendlu yoyise. **16** Babehlala
eGileyadi,[b] eBhashani[c] nasezi-
ndaweni ezingaphansi kwalo,*
nakuwo wonke amadlelo ase-
Sharoni kuze kuyofika lapho
ephela khona. **17** Bonke ba-
befakwe ohlwini lozalo ezinsu-
kwini zenkosi yakwaJuda uJo-
thamu[d] nasezinsukwini zenkosi
yakwa-Israyeli uJerobowamu.*[e]
**18** AbakwaRubeni, abakwa-
Gadi nohhafu wesizwe sakwa-
Manase babenamaqhawe ana-
mandla angu-44 760 ebuthwe-
ni labo ayephethe amaha-
wu nezinkemba ehlome nge-
minsalo,* ayeqeqeshiwe empini.
**19** Balwa namaHagiri,[f] uJethu-
ri, uNafishi[g] noNodabi. **20** Ba-
thola usizo lapho belwa nabo,
kangangokuba bawanqoba ama-
Hagiri nabo bonke ababena-
wo, ngoba bacela ukuba uNku-
lunkulu abasize kuleyo mpi
futhi wabasiza ngoba babe-
thembele kuye.[h] **21** Bathumba
imfuyo yabo—amakamela angu-
50 000, izimvu ezingu-250 000
nezimbongolo ezingu-2 000—ka-
nye nabantu abangu-100 000.

---

**5:1** *Noma, "walala nesanciza sikayise."
**5:4** *NgesiHebheru, "Amadodana."
**5:16** *Noma, "ezilizungezile." **5:17** *Okuwukuthi, uJerobowamu wesibili. **5:18** *NgesiHebheru, "enyathela iminsalo."

**ISAHL. 5**
a Gen 29:32; Gen 49:3, 4
b Gen 35:22
c Gen 49:22, 26; Jos 14:4
d Gen 49:8, 10; Num 2:3; Num 10:14; Hlu 1:1, 2; Hu 60:7
e Mat 2:6; Heb 7:14
f Gen 46:9; Eks 6:14
g 2Kh 16:7
h Dut 2:36
i Num 32:34, 38; Jos 13:15, 17; Hez 25:9, 10
j Gen 15:18; Dut 1:7; Jos 1:4; 2Sa 8:3
k Jos 22:9

**Uhla 2**
a Dut 3:8, 10; Jos 12:4, 5
b Num 32:1
c Dut 3:3, 13; Dut 32:14
d 2Kh 15:32; 2Kr 27:1; Isay 1:1; Hos 1:1; Mik 1:1
e 2Kh 14:16, 28
f 1Kr 5:10
g Gen 25:13, 15; 1Kr 1:31
h Hu 20:7; Hu 22:4

**22** Baningi ababulawa ngoba
nguNkulunkulu weqiniso owa-
yelwa.[a] Bahlala endaweni yabo
kwaze kwafika isikhathi sokudi-
ngiswa.[b]

**23** Inzalo yohhafu wesizwe
sakwaManase[c] yayihlala ezwe-
ni kusukela eBhashani kuya
eBhali-hermoni naseSeniri na-
seNtabeni iHermoni.[d] Babe-
baningi. **24** Lezi kwakuyizi-
nhloko zezindlu zoyise: U-Efe-
ri, u-Ishi, u-Eliyeli, u-Aziriye-
li, uJeremiya, uHodaviya no-
Jahidiyeli; babengamaqhawe
anamandla, amadoda odumo
nezinhloko zezindlu zoyise.
**25** Kodwa abathembekanga
kuNkulunkulu wokhokho babo,
bafeba nonkulunkulu bezizwe
zakulelo zwe,[e] uNkulunkulu
ayezibhubhisile. **26** Ngenxa
yalokho uNkulunkulu ka-Isra-
yeli washukumisa inkosi yase-
Asiriya uPhuli[f] (okuwuku-
thi inkosi yase-Asiriya uThili-
gati-philineseri[g]) ukuba idingi-
se abakwaRubeni, abakwaGa-
di nohhafu wesizwe sakwaMa-
nase ibalethe eHala, eHabo-
ri, eHara nasemfuleni iGozani,[h]
lapho behlala khona kuze kube
namuhla.

**6** Amadodana kaLevi[i] kwaku-
nguGereshoni, uKohati[j] no-
Merari.[k] **2** Amadodana kaKo-
hati kwakungu-Amramu, u-Izi-
hari,[l] uHebroni no-Uziyeli.[m]
**3** Abantwana* baka-Amramu[n]
kwakungu-Aroni,[o] uMose[p] no-
Miriyamu.[q] Amadodana ka-Aro-
ni kwakunguNadabi, u-Abhihu,[r]
u-Eleyazare[s] no-Itamari.[t] **4** U-
Eleyazare wazala uFinehasi;[u]
uFinehasi wazala u-Abhishuwa.
**5** U-Abhishuwa wazala uBhu-
ki; uBhuki wazala u-Uzi. **6** U-
Uzi wazala uZeraya; uZeraya
wazala uMerayoti. **7** UMera-
yoti wazala u-Amariya; u-Ama-
riya wazala u-Ahithubi.[a] **8** U-
Ahithubi wazala uZadoki;[b] uZa-
doki wazala u-Ahimahazi.[c]
**9** U-Ahimahazi wazala u-Aza-
riya; u-Azariya wazala uJo-
hanani. **10** UJohanani wazala
u-Azariya. Waba umpristi endli-
ni eyakhiwa uSolomoni eJeru-
salema.

**11** U-Azariya wazala u-Ama-
riya; u-Amariya wazala u-Ahi-
thubi. **12** U-Ahithubi waza-
la uZadoki;[d] uZadoki waza-
la uShalumi. **13** UShalumi
wazala uHilikiya;[e] uHilikiya wa-
zala u-Azariya. **14** U-Azariya
wazala uSeraya;[f] uSeraya wa-
zala uJehozadaki.[g] **15** UJeho-
zadaki wadingiswa ngesikha-
thi uJehova eyisa uJuda neJe-
rusalema ekudingisweni ngesa-
ndla sikaNebukhadinezari.

**16** Amadodana kaLevi kwa-
kunguGereshomu,* uKohati
noMerari. **17** Yilawa ama-
gama amadodana kaGere-
shomu: ULibhini noShimeyi.[h]
**18** Amadodana kaKohati kwa-
kungu-Amramu, u-Izihari, uHe-
broni no-Uziyeli.[i] **19** Amado-
dana kaMerari kwakunguMa-
heli noMushi.

Nansi imindeni yamaLevi
ngokokhokho bawo:[j] **20** Ku-
Gereshomu,[k] uLibhini indo-
dana yakhe, uJahati oyindo-
dana yakhe, uZima oyindoda-
na yakhe, **21** uJowa oyindo-
dana yakhe, u-Ido oyindoda-
na yakhe, uZera oyindodana
yakhe, uJewatherayi oyindo-
dana yakhe. **22** UKohati wa-
zala u-Aminadaba, u-Aminada-
ba wazala uKhora,[l] uKhora wa-
zala u-Asiri, **23** u-Asiri waza-
la u-Elkana, u-Elkana waza-
la u-Ebhiyasafa,[m] u-Ebhiyasa-
fa wazala u-Asiri, **24** u-Asiri

**ISAHL. 5**
a Jos 10:42; 1Sa 17:45, 47; 2Kr 20:15
b 2Kh 15:29; 2Kh 17:6
c Jos 13:29, 30
d Dut 4:47, 48
e Dut 5:7-9; Hlu 2:17; Hlu 8:33; 2Kh 17:10, 11
f Ezr 1:1; IzA 21:1
g 2Kh 15:19, 29
h 2Kh 17:6; 2Kh 18:11

**ISAHL. 6**
i Gen 29:34; Eks 6:16
j Eks 6:18; Num 3:27
k Num 3:17; Num 26:57
l Eks 6:21
m Eks 6:22; Lev 10:4
n Eks 6:20
o 1Kr 23:13
p Eks 6:26; IzE 7:37, 38
q Eks 15:20
r Eks 24:1; Lev 10:1
s Num 3:32; Dut 10:6
t Eks 6:23; Eks 28:1; Num 4:28; 1Kr 24:2, 4
u Eks 6:25; Num 25:11

**Uhla 2**
a 2Sa 8:17
b 1Kh 1:8; 1Kh 2:35
c 2Sa 15:27, 36
d Neh 11:11
e 2Kr 34:14
f 2Kh 25:18
g Hag 1:1
h Num 3:18
i Num 3:19, 20
j Num 26:57
k Num 3:18
l Num 16:1, 32; Num 26:10, 11; Jud 11
m Eks 6:24

**6:3** *NgesiHebheru, "Amadodana."

**6:16** *Obuye abizwe ngokuthi uGereshoni evesini 1.

wazala uThahati, uThahati wa-
zala u-Uriyeli, u-Uriyeli wazala
u-Uziya, u-Uziya wazala uSha-
wule. **25** Amadodana ka-Elka-
na kwakungu-Amasayi no-Ahi-
moti. **26** Ngokuqondene no-
Elkana, indodana* yakhe kwa-
kunguZofayi, uZofayi waza-
la uNahati, **27** uNahati waza-
la u-Eliyabe, u-Eliyabe waza-
la uJerohamu, uJerohamu wa-
zala u-Elkana.[a] **28** Amadoda-
na kaSamuweli[b] kwakuyizibulo
uJoweli, eyesibili kungu-Abhi-
ya.[c] **29** Indodana* kaMerari
kwakunguMaheli,[d] uMaheli wa-
zala uLibhini, uLibhini wazala
uShimeyi, uShimeyi wazala
u-Uza, **30** u-Uza wazala uShi-
meya, uShimeya wazala uHagi-
ya, uHagiya wazala u-Asaya.

**31** Laba yibo uDavide aba-
misa ukuba baqondise umcu-
lo endlini kaJehova ngemva
kokuba uMphongolo usube-
kwe khona.[e] **32** Yibona aba-
becula etabernakele letende
lokuhlangana kwaze kwaba yi-
lapho uSolomoni akha indlu
kaJehova eJerusalema,[f] futhi
benza umsebenzi wabo nje-
ngoba babeyaliwe.[g] **33** Yilawa
amadoda ayekhonza namado-
dana awo: KumaKohati, uHe-
mani[h] umhlabeleli, oyindoda-
na kaJoweli,[i] oyindodana ka-
Samuweli, **34** oyindodana ka-
Elkana,[j] oyindodana kaJero-
hamu, oyindodana ka-Eliyeli,
oyindodana kaThowa, **35** oyi-
ndodana kaZufi, oyindodana
ka-Elkana, oyindodana kaMa-
hati, oyindodana ka-Amasayi,
**36** oyindodana ka-Elkana, oyi-
ndodana kaJoweli, oyindodana
ka-Azariya, oyindodana kaZe-
faniya, **37** oyindodana kaTha-
hati, oyindodana ka-Asiri, oyi-
ndodana ka-Ebhiyasafa, oyi-
ndodana kaKhora, **38** oyindo-
dana ka-Izihari, oyindodana ka-
Kohati, oyindodana kaLevi,
oyindodana ka-Israyeli.

**39** Umfowabo* u-Asafa[a] wa-
ma ngakwesokudla sikaHema-
ni; u-Asafa wayeyindodana ka-
Bherekiya, oyindodana kaShi-
meya, **40** oyindodana kaMi-
kayeli, oyindodana kaBhaha-
seya, oyindodana kaMalikhiya,
**41** oyindodana ka-Ethini, oyi-
ndodana kaZera, oyindodana
ka-Adaya, **42** oyindodana ka-
Ethani, oyindodana kaZi-
ma, oyindodana kaShimeyi,
**43** oyindodana kaJahati, oyi-
ndodana kaGereshomu, oyi-
ndodana kaLevi.

**44** Ozalweni lukaMerari,[b]
abafowabo babemi ngakweso-
bunxele; kwakukhona u-Etha-
ni[c] indodana kaKishayi, oyindo-
dana ka-Abhidi, oyindodana ka-
Maluki, **45** oyindodana kaHa-
shabiya, oyindodana ka-Amazi-
ya, oyindodana kaHilikiya,
**46** oyindodana ka-Amizi, oyi-
ndodana kaBhani, oyindoda-
na kaShemeri, **47** oyindoda-
na kaMaheli, oyindodana ka-
Mushi, oyindodana kaMerari,
oyindodana kaLevi.

**48** Abafowabo, amaLevi,
babemiselwe ukwenza yo-
nke inkonzo yasetabernake-
le, indlu kaNkulunkulu weqi-
niso.[d] **49** U-Aroni namadoda-
na akhe[e] bashunqisa imihlatshe-
lo e-altare lomnikelo oshiswa-
yo[f] nase-altare lempepho,[g] be-
nza nemisebenzi ehlobene ne-
zinto ezingcwelengcwele uku-
ze benzele u-Israyeli isihla-
wulelo,[h] ngokuvumelana na-
kho konke uMose inceku
kaNkulunkulu weqiniso aye-
kuyalile. **50** Lena kwakuyinza-
lo ka-Aroni:[i] U-Eleyazare[j] indo-
dana yakhe, u-Eleyazare wazala

---

**6:26** *NgesiHebheru, "amadodana."
**6:29** *NgesiHebheru, "Amadodana."
**6:39** *Okuwukuthi, umLevi wakubo.

ISAHL. 6

*a* 1Sa 1:1
*b* 1Sa 1:20
*c* 1Sa 8:1, 2
*d* Eks 6:19, 1Kr 23:21
*e* 2Sa 6:17, 1Kr 15:16
*f* 1Kh 6:14
*g* 2Kr 35:15
*h* 1Kr 15:16, 17
*i* 1Sa 8:1, 2
*j* 1Sa 1:1

Uhla 2

*a* 1Kr 25:1, 2Kr 5:12, Hu 50:0
*b* 1Kr 23:6
*c* 1Kr 15:16, 17
*d* Num 3:5-7
*e* Eks 28:1, Num 3:10
*f* Eks 29:38
*g* Eks 30:7
*h* Eks 30:10, Lev 4:20, Lev 17:11, 2Kr 29:24
*i* Eks 6:23
*j* Eks 28:1, Num 3:32

uFinehasi, uFinehasi wazala
u-Abhishuwa, **51** u-Abhishuwa
wazala uBhuki, uBhuki waza-
la u-Uzi, u-Uzi wazala uZera-
ya, **52** uZeraya wazala uMera-
yoti, uMerayoti wazala u-Amari-
ya, u-Amariya wazala u-Ahithu-
bi,[a] **53** u-Ahithubi wazala uZa-
doki,[b] uZadoki wazala u-Ahima-
hazi.

**54** Kwakuyilezi izindawo
zawo zokuhlala ngokwamate-
nde* awo endaweni yawo: inza-
lo ka-Aroni yomndeni wamaKo-
hati, ngoba inkatho yokuqala
yadla yona, **55** yanikwa iHe-
broni[c] ezweni lakwaJuda ka-
nye namadlelo alo alizungezi-
le. **56** Kodwa uKalebi[d] indoda-
na kaJefune wanikwa insi-
mu yedolobha nemizi engapha-
nsi kwalo. **57** Inzalo ka-Aro-
ni yanikwa amadolobha* esi-
phephelo,[e] iHebroni,[f] kanye
neLibhina[g] namadlelo alo, iJa-
tiri,[h] i-Eshitemowa namadle-
lo alo,[i] **58** iHileni namadle-
lo alo, iDebhiri[j] namadlelo alo,
**59** i-Ashani[k] namadlelo alo ne-
Bheti-shemeshi[l] namadlelo alo;
**60** esizweni sakwaBhenjamini,
iGeba[m] namadlelo alo, i-Aleme-
ti namadlelo alo ne-Anathoti[n]
namadlelo alo. Esewonke ama-
dolobha emindeni yabo aye-
ngu-13.[o]

**61** Wonke amanye amaKo-
hati abelwa* amadolobha ayi-
shumi, emndenini wesizwe, ku-
hhafu wesizwe, uhhafu kaMa-
nase.[p]

**62** AmaGereshomu ngokwe-
mindeni yawo anikwa amado-
lobha angu-13 esizweni sakwa-
Isakare, esizweni sakwa-Ashe-
ri, esizweni sakwaNafetali na-
sesizweni sakwaManase eBha-
shani.[q]

**6:54** *Noma, "ngokwamakamu abiye-lwe." **6:57** *Noma kungaba, "idolobha," ngokuvumelana noJos 21:13. **6:61** *Noma, "anikwa ngenkatho."

**63** AmaMerari ngokwemi-
ndeni yawo abelwa amadolo-
bha angu-12 ngenkatho esizwe-
ni sakwaRubeni, esizweni sa-
kwaGadi nasesizweni sakwaZe-
bhuloni.[a]

**64** Ngakho ama-Israyeli ani-
ka amaLevi la madolobha ka-
nye namadlelo awo.[b] **65** Nga-
phezu kwalokho, awaba nge-
nkatho la madolobha abizwa
ngamagama, esizweni sakwa-
Juda, esizweni sakwaSimeyoni
nasesizweni sakwaBhenjamini.

**66** Eminye yemindeni yama-
Kohati yayinamadolobha esizwe-
ni sakwa-Efrayimi.[c] **67** Anikwa
amadolobha* esiphephelo, iShe-
kemi[d] namadlelo alo ezinta-
beni zakwa-Efrayimi, iGezeri[e]
namadlelo alo, **68** iJokimeya-
mu namadlelo alo, iBheti-horo-
ni[f] namadlelo alo, **69** i-Ajaloni[g]
namadlelo alo neGati-rimoni[h] na-
madlelo alo; **70** nakuhhafu we-
sizwe sakwaManase, i-Aneri na-
madlelo alo neBhileyamu nama-
dlelo alo, kwanikwa yonke emi-
nye imindeni yamaKohati.

**71** AmaGereshomu abelwa
emndenini wohhafu wesizwe
sakwaManase, iGolani[i] eBha-
shani namadlelo alo ne-Ashi-
taroti namadlelo alo;[j] **72** esi-
zweni sakwa-Isakare, iKede-
shi namadlelo alo, iDabera-
ti[k] namadlelo alo,[l] **73** iRamo-
ti namadlelo alo ne-Anemi na-
madlelo alo; **74** esizweni sa-
kwa-Asheri, iMashali nama-
dlelo alo, i-Abhidoni nama-
dlelo alo,[m] **75** iHukoki nama-
dlelo alo neRehobe[n] namadle-
lo alo; **76** esizweni sakwaNa-
fetali, iKedeshi[o] eGalile[p] nama-
dlelo alo, iHamoni namadlelo
alo neKiriyatayimi namadlelo
alo.

**6:67** *Noma kungaba, "idolobha," ngokuvumelana noJos 21:21.

ISAHL. 6
a 2Sa 8:17
b 1Kh 2:35
c Num 13:22 Jos 21:8, 11
d Jos 14:13 Hlu 1:20
e Num 35:12, 13
f Jos 20:7, 9
g Jos 15:20, 42
h Jos 15:20, 48
i Jos 21:13-16
j Hlu 1:11
k 1Kr 4:24, 32
l Jos 15:10, 12
m Jos 18:21, 24
n Jos 21:8, 18 Jer 1:1
o Jos 21:4
p Jos 21:5
q Jos 21:27-33

Uhla 2
a Jos 21:34-40
b Num 35:2-4
c Jos 21:20-26
d Jos 20:7, 9
e Jos 16:10
f Jos 10:11
g Jos 10:12 Hlu 1:35
h Jos 19:45, 48
i Dut 4:41-43
j Jos 21:27
k Jos 19:12, 16
l Jos 21:8, 28
m Jos 21:8, 30
n Jos 19:28, 31 Hlu 1:31
o Jos 20:7, 9 Jos 21:32, 33
p Mat 3:13

**77** AmaMerari ayesele abe-
lwa esizweni sakwaZebhuloni,[a]
iRimono namadlelo alo, iThabo-
ri namadlelo alo; **78** esi-
fundeni saseJordani eJeriko,
kuya empumalanga yeJorda-
ni, esizweni sakwaRubeni, ani-
kwa iBhezeri ehlane nama-
dlelo alo, iJahazi[b] namadle-
lo alo, **79** iKedemoti[c] nama-
dlelo alo neMefahati namadle-
lo alo; **80** esizweni sakwaGa-
di, iRamoti eGileyadi namadle-
lo alo, iMahanayimi[d] namadlelo
alo, **81** iHeshibhoni[e] namadle-
lo alo neJazeri[f] namadlelo alo.

**7** Amadodana ka-Isakare
kwakunguThola, uPhuwa,
uJashubi noShimroni[g]—aye-
mane. **2** Amadodana kaThola
kwakungu-Uzi, uRefaya, uJeri-
yeli, uJahimayi, u-Ibhisamu no-
Shemuweli, izinhloko zeminde-
ni yoyise. KuThola kwavela
amaqhawe anamandla, isibalo
sawo ezinsukwini zikaDavide
sasingu-22 600. **3** Inzalo* ka-
Uzi kwakungu-Izrahiya, ama-
dodana ka-Izrahiya: uMikaye-
li, u-Obadiya, uJoweli no-Ishi-
yahu—bobahlanu babeyizindu-
na.# **4** Ngokozalo lwabo, ngo-
kwemindeni yoyise, babenama-
sosha angu-36 000 ebuthweni
labo lempi ngoba babenabafazi
abaningi namadodana amani-
ngi. **5** Abafowabo bayo yonke
imindeni yakwa-Isakare babe-
ngamaqhawe anamandla, aye-
ngu-87 000 ngokwalokho oku-
sezinhlwini zozalo.[h]

**6** Amadodana kaBhenjami-
ni[i] kwakunguBhela,[j] uBheke-
ri[k] noJediyayeli[l]—ayemathathu.
**7** Amadodana kaBhela kwaku-
ngu-Eziboni, u-Uzi, u-Uziyeli,
uJerimoti no-Irayi—ayemahla-
nu—izinhloko zemindeni yoyi-
se, amaqhawe anamandla, aye-
ngu-22 034 ayesohlwini lwawo
lozalo.[a] **8** Amadodana kaBhe-
keri kwakunguZemira, uJo-
washi, u-Eliyezeri, u-Eliyohena-
yi, u-Omri, uJeremoti, u-Abhi-
ya, u-Anathoti no-Alemeti—wo-
nke lawa kwakungamadodana
kaBhekeri. **9** Amaqhawe ana-
mandla abhaliswa ngokohlu lo-
zalo lwawo ngokuphathelene
nezinhloko zemindeni yoyise
ayengu-20 200. **10** Indodana*
kaJediyayeli[b] kwakunguBhili-
hani, amadodana kaBhilihani
kunguJewushi, uBhenjamini,
u-Ehudi, uKhenahana, uZetha-
ni, uTharishishi no-Ahishahari.
**11** Wonke lawa kwakungama-
dodana kaJediyayeli, ngokwe-
zinhloko zokhokho bawo, ama-
qhawe anamandla angu-17 200,
alungele ukuya empini.

**12** UShuphimi noHuphimi
babengamadodana ka-Iri;[c] ama-
Hushimi ayengamadodana ka-
Aheri.

**13** Amadodana kaNafeta-
li[d] kwakunguJahiziyeli, uGuni,
uJezeri noShalumi—inzalo* ka-
Bhiliha.[e]

**14** Indodana* kaManase[f]
kwakungu-Asiriyeli, amzalelwa
isancinza sakhe esingumSiri-
ya. (Sazala uMakiri[g] uyi-
se kaGileyadi. **15** UMakiri wa-
thathela uHuphimi noShuphi-
mi abafazi, igama likadade-
wabo kwakunguMahakha.) Iga-
ma leyesibili kwakunguZelofe-
hadi,[h] kodwa uZelofehadi wa-
yenamadodakazi.[i] **16** UMa-
hakha, umkaMakiri, wazala
indodana wayiqamba ngoku-
thi uPhereshi; igama lomfo-
wabo kwakunguShereshi; ama-
dodana akhe kwakungu-
Ulamu noRekemi. **17** Indoda-
na* ka-Ulamu kwakunguBeda-
ni. Lawa kwakungamadodana

**7:3, 10, 14, 17** *NgesiHebheru, "Amadodana." **7:3** #NgesiHebheru, "babeyizinhloko."

**7:13** *NgesiHebheru, "amadodana."

ISAHL. 6
*a* Jos 21:34-39
*b* Num 21:23
*c* Dut 2:26
*d* Gen 32:1, 2; 2Sa 2:8
*e* Num 21:26
*f* Num 32:1

ISAHL. 7
*g* Gen 46:13; Num 26:23, 24
*h* Num 26:25
*i* Gen 35:16, 18; Num 26:38, 39
*j* 1Kr 8:1
*k* Gen 46:21
*l* 1Kr 7:10

Uhla 2
*a* Num 26:41
*b* 1Kr 7:6
*c* 1Kr 7:7
*d* Num 26:48, 49
*e* Gen 30:3, 8; Gen 46:24, 25
*f* Gen 41:50, 51
*g* Gen 50:23; Num 26:29; Dut 3:15
*h* Num 26:33
*i* Num 27:1, 7

kaGileyadi, oyindodana ka-
Makiri, oyindodana kaMana-
se. **18** Udadewabo kwakungu-
Hamoleketi. Wazala u-Ishi-
hodi, u-Abhiyezeri noMahi-
la. **19** Amadodana kaShemi-
da kwakungu-Ahiyani, uSheke-
mi, uLikihi no-Aniyamu.

**20** Indodana ka-Efrayimi[a]
kwakunguShuthela,[b] uShuthe-
la wazala uBheredi, uBheredi
wazala uThahati, uThahati wa-
zala u-Eleyada, u-Eleyada waza-
la uThahati, **21** uThahati wa-
zala uZabhadi, uZabhadi waza-
la uShuthela, u-Ezeri no-Ele-
yadi. Amadoda aseGati[c] ayeza-
lelwe kulelo zwe ababulala
ngoba behla bayothatha imfu-
yo yawo. **22** U-Efrayimi uyi-
se wawalilela izinsuku eziningi,
abafowabo babelokhu beza be-
zomduduza. **23** Kamuva wala-
la nomkakhe, wakhulelwa wa-
zala indodana. Kodwa wayi-
qamba ngokuthi uBheriya,*
ngoba umkakhe wazala ngesi-
khathi umndeni wakhe wehle-
lwe inhlekelele. **24** Indodaka-
zi yakhe kwakunguSheyera,
owakha iBheti-horoni Eliseza-
nsi[d] Nelingenhla[e] ne-Uzeni-she-
yera. **25** Kwakukhona noRefa
indodana yakhe kanye noRe-
shefi, uReshefi wazala uThela,
uThela wazala uThahani,
**26** uThahani wazala uLada-
ni, uLadani wazala u-Amihudi,
u-Amihudi wazala u-Elishama,
**27** u-Elishama wazala uNuni,
uNuni wazala uJoshuwa.*[f]

**28** Ifa lawo nezindawo zawo
zokuhlala kwakuyiBhethele[g]
nezindawo ezingaphansi kwa-
lo,* empumalanga kuyiNaha-
rani, entshonalanga kuyiGe-
zeri nezindawo ezingaphansi
kwalo neShekemi nezindawo
ezingaphansi kwalo kuze kufi-
ke e-Aya* nasezindaweni ezi-
ngaphansi kwalo; **29** eceleni
kwenzalo kaManase kwakuyi-
Bheti-sheyani[a] nezindawo ezi-
ngaphansi kwalo, iThahana-
ki[b] nezindawo ezingaphansi
kwalo, iMegido[c] nezindawo ezi-
ngaphansi kwalo kanye ne-
Dori[d] nezindawo ezingaphansi
kwalo. Inzalo kaJosefa indoda-
na ka-Israyeli yayihlala kulezi
zindawo.

**30** Amadodana ka-Asheri
kwakungu-Imna, u-Ishiva,
u-Ishivi noBheriya,[e] udadewa-
bo kunguSera.[f] **31** Amadoda-
na kaBheriya kwakunguHebhe-
re noMalikhiyeli, owayenguyi-
se kaBhirizayiti. **32** UHebhe-
re wazala uJafeleti, uSho-
meri, noHothamu, kanye no-
Shuwa udadewabo. **33** Ama-
dodana kaJafeleti kwakungu-
Phasaki, uBhimihali no-Ashi-
vati. Lawa kwakungamadoda-
na kaJafeleti. **34** Amadoda-
na kaShemeri* kwakungu-Ahi,
uRohiga, uJehubha no-Ara-
mu. **35** Amadodana kaHele-
mu* umfowabo kwakungu-
Zofa, u-Imna, uSheleshi no-
Amali. **36** Amadodana kaZo-
fa kwakunguSuwa, uHarinefe-
ri, uShuwali, uBheri, u-Imra,
**37** uBhezeri, uHodi, uShama,
uShilisha, u-Ithirani noBheye-
ra. **38** Amadodana kaJethe-
ri kwakunguJefune, uPhisi-
pa no-Ara. **39** Amadodana
ka-Ula kwakungu-Ara, uHani-
yeli noRiziya. **40** Wonke lawa
kwakungamadodana ka-Ashe-
ri, izinhloko zemindeni yoyise,
amaqhawe anamandla akhethi-

**7:23** *Incazelo: "Ngenhlekelele." **7:27** *Noma, "uJehoshuwa," okusho ukuthi "UJehova Uyinsindiso." **7:28** *Noma, "ezilizungezile."

**7:28** *Noma kungaba, "eGaza," nakuba kungelona iGaza eliseFilistiya. **7:34** *Obizwa nangokuthi uShomeri evesini 32. **7:35** *Cishe "uHothamu" osevesini 32.

ISAHL. 7
a Num 1:33
b Num 26:35
c 1Sa 7:14, 1Sa 17:4
d Jos 16:1, 3
e Jos 16:5, Jos 21:20, 22, 2Kr 8:3, 5
f Eks 33:11, Num 11:28, Num 32:11, 12, Dut 34:9, Jos 1:1
g Gen 28:16, 19, Jos 16:1, 2

Uhla 2
a Jos 17:11, 1Sa 31:8, 10
b Hlu 5:1, 19
c Hlu 1:27, 1Kh 9:15
d 1Kh 4:7, 11
e Num 26:44, 45
f Gen 46:17

we, izinhloko zezikhulu; ohlwi-
ni lwawo lozalo[a] ayengu-26 000
amadoda[b] ayelungele ukuya
empini.

**8** UBhenjamini[c] wazala uBhe-
la[d] izibulo lakhe, u-Ashibhe-
li[e] owesibili, u-Ahara owesitha-
thu, **2** uNoha owesine noRa-
fa owesihlanu. **3** Amadodana
kaBhela kwakungu-Adari, uGe-
ra,[f] u-Abhihudi, **4** u-Abhishu-
wa, uNahamani, u-Ahowa,
**5** uGera, uShefufani noHura-
mu. **6** Lawa kwakungamado-
dana ka-Ehudi, izinhloko zemi-
ndeni yoyise yabakhe eGe-
ba,[g] ayedingiselwe eManaha-
ti: **7** UNahamani, u-Ahiya no-
Gera—okunguyena owawayisa
ekudingisweni, wazala u-Uzi-
za no-Ahihudi. **8** UShaharayi-
mi wazala abantwana endawe-
ni* yakwaMowabi ngemva ko-
kuba esehambise abafazi ba-
khe. Abafazi bakhe kwakungu-
Hushimi noBhahara.# **9** Ku-
Hodeshi umkakhe wazala uJo-
babi, uZibhiya, uMesha, uMali-
kamu, **10** uJewuzi, uSakhiya
noMirima. Lawa kwakungama-
dodana akhe, izinhloko zemi-
ndeni yoyise.

**11** KuHushimi wazala u-Abhi-
thubi no-Eliphahali. **12** Ama-
dodana ka-Eliphahali kwaku-
ngu-Ebhere, uMishamu, uSheme-
di (owakha i-Ono[h] neLodi[i] ne-
zindawo ezingaphansi kwalo),*
**13** uBheriya noShema. Laba ba-
beyizinhloko zemindeni yoyise
yabakhe e-Ajaloni.[j] Baxosha aba-
bakhe eGati. **14** Kwakukhona
no-Ahiyo, uShashaki, uJeremoti,
**15** uZebadiya, u-Aradi, u-Ede-
re, **16** uMikayeli, u-Ishipha,
uJoha, amadodana kaBheri-
ya; **17** noZebadiya, uMeshula-
mi, uHiziki, uHebhere, **18** u-
Ishimerayi, u-Iziliya, uJoba-
bi, amadodana ka-Eliphahali;
**19** noJakimi, uZikiri, uZabidi,
**20** u-Eliyenayi, uZilethayi, u-Eli-
yeli, **21** u-Adaya, uBheraya,
uShimrati, amadodana kaShi-
meyi; **22** noJishipani, u-Ebhe-
re, u-Eliyeli, **23** u-Abhidoni,
uZikiri, uHanani, **24** uHanani-
ya, u-Elamu, u-Anithothiya,
**25** u-Ifideya, uPhenuweli, ama-
dodana kaShashaki; **26** noSha-
musherayi, uShehariya, u-Atha-
liya, **27** uJahareshiya, u-Eliya,
uZikiri, amadodana kaJeroha-
mu. **28** Laba babeyizinhloko
zemindeni yoyise ngokozalo lwa-
bo. Lezi zinhloko zazihlala eJe-
rusalema.

**29** UJeheyeli, uyise kaGi-
bheyoni, wayehlala eGibhe-
yoni.[a] Igama lomkakhe kwa-
kunguMahakha.[b] **30** Indoda-
na yakhe eyizibulo kwaku-
ngu-Abhidoni, elandelwa uZu-
ri, uKishi, uBhali, uNadabi,
**31** uGedori, u-Ahiyo noZekeri.
**32** UMikiloti wazala uShimeya.
Bonke babehlala eduze kwaba-
fowabo eJerusalema kanye na-
banye abafowabo.

**33** UNeri[c] wazala uKishi;
uKishi wazala uSawule;[d] uSa-
wule wazala uJonathani,[e]
uMaliki-shuwa,[f] u-Abhinada-
ba[g] no-Eshibhali.*[h] **34** Indo-
dana kaJonathani kwaku-
nguMeribi-bhali.*[i] UMeribi-bha-
li wazala uMika.[j] **35** Amado-
dana kaMika kwakunguPhi-
thoni, uMeleki, uThareya
no-Ahazi. **36** U-Ahazi waza-
la uJehohada; uJehohada wa-
zala u-Alemeti, u-Azimaveti no-
Zimri. UZimri wazala uMoza.
**37** UMoza wazala uBhineya,

---

**8:8** *NgesiHebheru, "ensimini." #Noma kungaba, "ngemva kokuba esexoshe abafazi bakhe uHushimi noBhahara." **8:12** *Noma, "ezilizungezile."

**8:33** *Obuye abizwe ngokuthi u-Ishibhosheti. **8:34** *Obuye abizwe ngokuthi uMefibhosheti.

---

ISAHL. 7
*a* Eks 30:14
*b* Num 1:41; Num 26:47

ISAHL. 8
*c* Gen 35:16, 18
*d* 1Kr 7:6
*e* Gen 46:21
*f* Gen 46:21
*g* Jos 21:8, 17; 1Sa 13:16
*h* Neh 6:2
*i* Ezr 2:1, 33
*j* Jos 19:42, 48; Jos 21:8, 24

Uhla 2
*a* Jos 9:15, 17; Jos 21:8, 17; 1Kr 21:29
*b* 1Kr 9:35-38
*c* 1Sa 14:50
*d* 1Sa 9:1, 2; 1Sa 11:15
*e* 1Sa 14:45
*f* 1Sa 14:49
*g* 1Sa 31:2
*h* 2Sa 2:8; 1Kr 9:39-44
*i* 2Sa 4:4
*j* 2Sa 9:12

uBhineya wazala uRafa, uRa-
fa wazala u-Eleyasa, u-Eleya-
sa wazala u-Azeli. **38** U-Azeli
wayenamadodana ayisithupha,
amagama awo kwakungu-Azi-
rikamu, uBhokeru, u-Ishmaye-
li, uShehariya, u-Obadiya no-
Hanani. Wonke lawa kwakunga-
madodana ka-Azeli. **39** Ama-
dodana ka-Esheki umfowabo
kwakungu-Ulamu izibulo la-
khe, uJewushi eyesibili no-Eli-
feleti eyesithathu. **40** Amado-
dana ka-Ulamu ayengamaqha-
we anamandla akwazi ukuse-
benzisa umnsalo, futhi ayena-
madodana amaningi nabazuku-
lu abaningi, sebebonke babe-
ngu-150. Wonke lawa ayeyinza-
lo kaBhenjamini.

**9** Wonke ama-Israyeli ayebha-
lwe ngokohlu lozalo futhi
alotshwe eNcwadini Yamakho-
si Akwa-Israyeli. UJuda wayi-
swa ekudingisweni eBhabhiloni
ngenxa yokungathembeki kwa-
khe.[a] **2** Izakhamuzi zokuqala
ezabuyela kokungokwazo ema-
dolobheni azo kwakungama-
Israyeli athile, abapristi, ama-
Levi nezikhonzi zasethempe-
lini.*[b] **3** Enye inzalo kaJuda,[c]
kaBhenjamini,[d] ka-Efrayimi ne-
kaManase yahlala eJerusale-
ma: **4** U-Uthayi indodana ka-
Amihudi, oyindodana ka-Omri,
oyindodana ka-Imri, oyindoda-
na kaBhani, benzalo kaPhere-
zi[e] indodana kaJuda. **5** Kwa-
baseShilo, u-Asaya izibulo na-
madodana akhe. **6** Emadoda-
neni kaZera,[f] uJewuweli naba-
fowabo abangu-690.

**7** Enzalweni kaBhenjamini,
uSalu indodana kaMeshula-
mu, oyindodana kaHodavi-
ya, oyindodana kaHasenuwa,
**8** u-Ibhineya oyindodana kaJe-
rohamu, u-Elahi oyindodana ka-
Uzi, oyindodana kaMikiri, noMe-
shulamu indodana kaShefathi-
ya, oyindodana kaRehuweli, oyi-
ndodana ka-Ibhiniya. **9** Abafo-
wabo ngokozalo lwabo babengu-
956. Wonke la madoda ayeyizi-
nhloko zemindeni yoyise.

**10** Kubapristi kwakukho-
na uJedaya, uJehoyaribi, uJa-
kini,[a] **11** u-Azariya indodana
kaHilikiya, oyindodana kaMe-
shulamu, oyindodana kaZado-
ki, oyindodana kaMerayoti, oyi-
ndodana ka-Ahithubi, umholi
endlini* kaNkulunkulu weqini-
so, **12** u-Adaya indodana ka-
Jerohamu, oyindodana kaPha-
shuri, oyindodana kaMalikhi-
ya, uMahasayi indodana ka-
Adiyeli, oyindodana kaJahize-
ra, oyindodana kaMeshulamu,
oyindodana kaMeshilemiti, oyi-
ndodana ka-Imeri, **13** naba-
fowabo, izinhloko zeminde-
ni yoyise, amadoda anamandla
angu-1 760, amadoda anekhono
alungele ukwenza inkonzo ye-
ndlu kaNkulunkulu weqiniso.

**14** KumaLevi kwakukhona
uShemaya[b] indodana kaHashu-
bi, oyindodana ka-Azirikamu,
oyindodana kaHashabiya enza-
lweni kaMerari; **15** noBhaki-
bhakari, uHereshi, uGalali,
uMathaniya indodana kaMikha,
oyindodana kaZikiri, oyindoda-
na ka-Asafa, **16** u-Obadiya
indodana kaShemaya, oyindo-
dana kaGalali, oyindodana ka-
Jeduthuni, noBherekiya indo-
dana ka-Asa, oyindodana ka-
Elkana, owayehlala emizini ya-
maNethofa.[c]

**17** Abalindisango[d] kwaku-
nguShalumi, u-Akhubi, uTha-
limoni no-Ahimani; umfowa-
bo uShalumi wayeyinhloko,
**18** kuze kube ngaleso sikhathi
wayesesangweni lenkosi eli-
ngasempumalanga.[e] Laba ba-

---

**9:2** *Noma, "amaNethini." NgesiHebheru, "abanikelwe."

**9:11** *Noma, "wethempeli."

ISAHL. 9
a Jer 39:9
b Jos 9:3, 27; Ezr 2:43-54; Ezr 2:70; Ezr 8:20; Neh 7:73; Neh 11:3
c Neh 11:4, 5
d Neh 11:7-9
e Gen 46:12; 1Kr 2:4
f 1Kr 2:4, 6

Uhla 2
a Neh 11:10-14
b Neh 11:15
c 1Kr 2:54; Neh 12:28
d Ezr 2:1, 42; Neh 11:19
e Neh 3:29

bengabalindisango bamakamu
amaLevi. **19** UShalumi indo-
dana kaKore, oyindodana ka-
Ebhiyasafa, oyindodana ka-
Khora nabafowabo emndeni-
ni kayise, abakwaKhora, babe-
ngamele umsebenzi wenko-
nzo, abalindimnyango betende,
futhi oyise babengamele ika-
mu likaJehova, bengabalindi
bendlela engenayo. **20** NguFi-
nehasi[a] indodana ka-Eleyaza-
re[b] owayengumholi wabo esi-
khathini esidlule; uJehova wa-
yenaye. **21** UZakariya[c] indo-
dana kaMeshelemiya wayengu-
mlindisango womnyango wete-
nde lokuhlangana.

**22** Esewonke amadoda aye-
khethelwe ukugada emasa-
ngweni, ayengu-212. Ayesezi-
ndaweni zawo zokuhlala ngo-
kohlu lozalo lwawo.[d] UDavi-
de noSamuweli obona imi-
bono[e] bawabeka esikhundle-
ni sokwethenjelwa. **23** Wona
namadodana awo babengame-
le inkonzo yokuqapha ama-
sango endlu kaJehova,[f]
indlu yetende. **24** Abalindisa-
ngo babesezinhlangothini ezi-
ne—empumalanga, entshonala-
nga, enyakatho naseningizi-
mu.[g] **25** Ngezikhathi ezithile,
abafowabo kwakufanele beze
bevela ezindaweni ababehla-
la kuzo bakhonze kanye
nabo izinsuku eziyisikhombisa.
**26** Kwakunezinduna zabalindi-
sango* ezine esikhundleni so-
kwethenjelwa. ZazingamaLevi,
futhi zazengamele amagumbi#
nengcebo yendlu kaNkulunku-
lu weqiniso.[h] **27** Ayema ubu-
suku bonke egadile ezungeza
indlu kaNkulunkulu weqiniso,
ngoba ayenza inkonzo yokuqa-
pha futhi ayengamele isihlu-
thulelo, evula indlu njalo eku-
seni.

**28** Amanye awo ayengamele
izinto[a] zenkonzo; ayezibala la-
pho ezingenisa nalapho ezi-
khipha. **29** Amanye awo aye-
miswe ukuba engamele ezi-
nye izinto,[b] engamele zonke izi-
nto ezingcwele, futhi engame-
le ufulawa ocolekile,[c] iwayi-
ni,[d] amafutha,[e] inhlaka ye-
mpepho[f] namafutha ebha-
lsamu.[g] **30** Amanye amado-
dana abapristi ayexuba
amafutha okugcoba ebhalsa-
mu. **31** UMatithiya umLe-
vi, owayeyizibulo likaShalu-
mi wakwaKhora, wayesesikhu-
ndleni sokwethenjelwa enga-
mele izinto ezibhakwa emapa-
nini.[h] **32** Abanye abafowabo
abangamaKohati, babengamele
izinkwa ezibekwa zitakelane,*[i]
ukuze bazilungise njalo ngesa-
batha.[j]

**33** Laba babengabahlabeleli,
izinhloko zemindeni yoyise ba-
maLevi emagunjini,* labo aba-
bekhululiwe kweminye imisebe-
nzi; ngoba ubusuku nemini
kwakuwumthwalo wabo ukuba
semsebenzini. **34** Laba babe-
yizinhloko zemindeni yoyise ba-
maLevi ngokohlu lozalo lwabo,
amadoda ayizinhloko. Babehla-
la eJerusalema.

**35** UJeheyeli, uyise kaGi-
bheyoni, wayehlala eGibheyo-
ni.[k] Igama lomkakhe kwa-
kunguMahakha. **36** Indoda-
na yakhe eyizibulo kwaku-
ngu-Abhidoni, elandelwa uZuri,
uKishi, uBhali, uNeri, uNada-
bi, **37** uGedori, u-Ahiyo, uZa-
kariya noMikiloti. **38** UMiki-
loti wazala uShimeyami. Bo-
nke babehlala eduze kwabafo-
wabo eJerusalema kanye naba-
nye abafowabo. **39** UNeri[l]

---

**9:26** *NgesiHebheru, "Kwakunabalindi-sango abanamandla." #Noma, "amagumbi okudlela."

**9:32** *Okuwukuthi, isinkwa sokubukwa.
**9:33** *Noma, "emagunjini okudlela."

---

ISAHL. 9
*a* Num 25:11, 13; Jos 22:30; Hlu 20:28
*b* Eks 6:25; Num 3:32
*c* 1Kr 26:14, 19
*d* 1Kr 9:1
*e* 1Sa 9:9
*f* 2Kr 23:16, 19; Neh 12:45
*g* 1Kr 26:14-16
*h* 1Kr 26:20; 1Kr 28:11, 12; 2Kr 31:12

Uhla 2
*a* Num 1:50
*b* 1Kh 8:4
*c* Lev 2:1; 1Kr 23:29
*d* Lev 23:12, 13
*e* Eks 27:20
*f* Lev 2:1, 2
*g* Eks 25:3, 6
*h* Lev 2:5, 7
*i* 2Kr 2:4; 2Kr 13:11
*j* Lev 24:6, 8
*k* Jos 21:8, 17
*l* 1Sa 14:50

wazala uKishi; uKishi waza-
la uSawule;[a] uSawule waza-
la uJonathani,[b] uMaliki-shu-
wa,[c] u-Abhinadaba[d] no-Eshi-
bhali. **40** Indodana kaJona-
thani kwakunguMeribi-bhali.[e]
UMeribi-bhali wazala uMika.[f]
**41** Amadodana kaMika kwaku-
nguPhithoni, uMeleki, uThare-
ya no-Ahazi. **42** U-Ahazi wa-
zala uJara; uJara wazala u-Ale-
meti, u-Azimaveti noZimri. UZi-
mri wazala uMoza. **43** UMo-
za wazala uBhineya noRefa-
ya indodana yakhe, u-Eleyasa
indodana yakhe, u-Azeli indoda-
na yakhe. **44** U-Azeli wayena-
madodana ayisithupha, amaga-
ma awo kwakungu-Azirikamu,
uBhokeru, u-Ishmayeli, uSheha-
riya, u-Obadiya noHanani.
Lawa kwakungamadodana ka-
Azeli.

**10** AmaFilisti ayelwa no-
Israyeli. Amadoda akwa-
Israyeli awabalekela amaFili-
sti, amaningi abulawa eNtabeni
iGilibowa.[g] **2** AmaFilisti am-
hlala ezithendeni uSawule na-
madodana akhe, abulala uJo-
nathani, u-Abhinadaba noMali-
ki-shuwa,[h] amadodana kaSa-
wule. **3** Impi yaba nzima ku-
Sawule, abacibisheli bamtho-
la futhi bamlimaza.[i] **4** Nge-
mva kwalokho uSawule wa-
thi esikhonzini esiphatha izi-
khali zakhe: “Hosha inkemba
yakho ungigwaze ngayo, uku-
ze laba bantu abangasokile
bangezi bangiphathe ngesihlu-
ku.”*[j] Kodwa isikhonzi esi-
phatha izikhali zakhe asivu-
manga, ngoba sasesaba ka-
khulu. Ngakho uSawule wa-
thatha inkemba wawela phe-
zu kwayo.[k] **5** Lapho isikhonzi
esiphatha izikhali zakhe sibo-
na ukuthi uSawule usefile,
naso sawela phezu kwenkemba
yaso safa. **6** Ngakho uSawu-
le namadodana akhe amatha-
thu bafa, bonke abendlu ya-
khe ababenaye bafa ngesikha-
thi esisodwa.[a] **7** Lapho bonke
abantu bakwa-Israyeli ababese-
sigodini* bebona ukuthi wonke
umuntu ubalekile nokuthi uSa-
wule namadodana akhe bafile,
bashiya amadolobha abo baba-
leka; ngemva kwalokho kwafi-
ka amaFilisti ahlala kuwo.

**8** Ngakusasa, lapho amaFili-
sti eza ezohlubula ababule-
we, athola uSawule namadoda-
na akhe bedindilizile eNtabeni
iGilibowa.[b] **9** Ngakho amhlu-
bula, ashumpula ikhanda la-
khe athatha nezembatho za-
khe zempi, athumela umyale-
zo kulo lonke izwe lamaFili-
sti ukuze lezi zindaba azime-
mezele ezithixweni zawo[c] na-
kubantu. **10** Ngemva kwalo-
kho abeka izembatho zakhe
zempi endlini* kankulunkulu
wawo, abethela ugebhezi lwa-
khe endlini kaDagoni.[d]

**11** Lapho bonke ababeseJa-
beshi[e] eGileyadi bezwa konke
lokho amaFilisti ayekwenze ku-
Sawule,[f] **12** wonke amaqha-
we asuka athwala isidumbu si-
kaSawule nezidumbu zamado-
dana akhe. Aziletha eJabe-
shi angcwaba amathambo abo
ngaphansi kwesihlahla esikhu-
lu eJabeshi,[g] azila ukudla izi-
nsuku eziyisikhombisa.

**13** Ngakho uSawule wafa
ngenxa yokungathembeki kwa-
khe kuJehova ngoba akazange
alilalele izwi likaJehova,[h] nange-
nxa yokuthi wabuza kosebenze-
lana nemimoya[i] **14** esikhundle-
ni sokubuza uJehova. Ngenxa
yalokho uNkulunkulu wambula-
la, ubukhosi wabudlulisela ku-
Davide indodana kaJese.[j]

ISAHL. 9
a 1Sa 9:1, 2; 1Sa 11:15
b 1Sa 14:45; 1Sa 18:1; 2Sa 1:23
c 1Sa 14:49
d 1Sa 31:2
e 2Sa 4:4
f 2Sa 9:12

ISAHL. 10
g 1Sa 31:1-5; 2Sa 1:21, 25
h 1Kr 8:33
i 1Sa 26:9, 10
j Hlu 16:21, 23
k 1Kr 10:13

Uhla 2
a 1Sa 31:6, 7
b 1Sa 28:4; 1Sa 31:8-10
c Hlu 16:23, 24
d 1Sa 5:2
e 1Sa 11:1
f 1Sa 31:11-13
g 2Sa 2:5; 2Sa 21:12
h 1Sa 13:13; 1Sa 15:22, 23
i Lev 20:6; 1Sa 28:7
j Rut 4:17; 1Sa 13:14; 1Sa 15:27, 28; 2Sa 5:3

**10:4** *Noma, “bangihlukumeze.”

**10:7** *Noma, “ababesethafeni eliphansi.” **10:10** *Noma, “ethempelini.”

**11** Ngokuhamba kwesikha-
thi wonke ama-Israyeli
aqoqana kuDavide eHebroni,[a]
athi: "Siyizihlobo zakho zega-
zi.*[b] **2** Ezikhathini ezedlule la-
pho uSawule eseyinkosi, nguwe
owawuhola u-Israyeli emikha-
nkasweni yakhe yempi.[c] UJeho-
va uNkulunkulu wakho wathi
kuwe: 'Uyokwelusa abantu bami
u-Israyeli, ube umholi phezu
kwabantu bami u-Israyeli.'"[d]
**3** Ngakho wonke amadoda ama-
dala akwa-Israyeli eza enkosi-
ni eHebroni, uDavide wenza isi-
vumelwano nawo eHebroni pha-
mbi kukaJehova. Ngemva kwa-
lokho agcoba uDavide waba
inkosi phezu kuka-Israyeli,[e] ngo-
kuvumelana nalokho uJehova
akusho ngoSamuweli.[f]

**4** Kamuva uDavide nawo
wonke u-Israyeli baya eJe-
rusalema, okungukuthi eJebu-
si,[g] lapho kwakuhlala khona
amaJebusi.[h] **5** Abakhe eJebu-
si baklolodela uDavide ba-
thi: "Awusoze wangena la-
pha!"[i] Noma kunjalo, uDavi-
de wasithatha isigodlo saseZi-
yoni,[j] manje esesiyiDolobha Li-
kaDavide.[k] **6** UDavide wathi:
"Noma ubani oyobulala amaJe-
busi kuqala uyoba induna* ne-
sikhulu." UJowabe[l] indodana
kaZeruya wakhuphuka kuqa-
la futhi waba induna. **7** UDa-
vide wabe esehlala esigodlwe-
ni. Yingakho sabizwa ngokuthi
iDolobha LikaDavide. **8** Wa-
qala ukwakha idolobha nhla-
ngothi zonke, kusukela eNdu-
ndumeni* kuze kufike nasezi-
ndaweni eziyizungezile, uJowa-
be wavuselela yonke enye
ingxenye yedolobha. **9** UDa-
vide wayelokhu eba mkhu-
lu,[a] uJehova wamabutho waye-
naye.

**10** Yilaba abayizinhloko za-
maqhawe kaDavide anamandla
amsekela kakhulu ebukhosi-
ni bakhe, kanye nawo wonke
u-Israyeli, ukuze amenze inkosi
ngokuvumelana nezwi likaJe-
hova ngokuqondene no-Israye-
li.[b] **11** Yilolu uhlu lwamaqha-
we kaDavide anamandla: UJa-
shobeyamu[c] indodana yomHa-
kimoni othile, inhloko yala-
ba abathathu.[d] Wabulala ama-
doda angu-300 ngomkhonto
ngasikhathi sinye.[e] **12** Waye-
landelwa u-Eleyazare[f] indoda-
na kaDodo umAhohi.[g] Waye-
phakathi kwamaqhawe ama-
thathu anamandla. **13** Waye-
noDavide ePhasi-damimi,[h] la-
pho amaFilisti ayeqoqene kho-
na ukuze aye empini. Manje
kwakukhona insimu eyayi-
gcwele ibhali, abantu babeba-
lekile ngenxa yamaFilisti.
**14** Kodwa yena wama phaka-
thi nensimu wayilwela, waqhu-
beka ebulala amaFilisti, uJeho-
va wabenza banqoba.*[i]

**15** Abathathu ezinduneni
ezingu-30 behlela edwaleni,
baya kuDavide emgedeni wase-
Adulamu,[j] ngesikhathi ibutho
lamaFilisti limise amatende eSi-
godini* SamaRefa.[k] **16** Ngale-
so sikhathi uDavide wayese-
nqabeni, ibutho lamaFilisti li-
seBhetlehema. **17** UDavide
wathi: "Uma nje ngingaphu-
za amanzi omthombo osesa-
ngweni laseBhetlehema[l] ngi-
ngajabula kakhulu!" **18** Lapho
bezwa lokho, laba abathathu
bafohla bangena ekamu la-
maFilisti, bakha amanzi em-
thonjeni owawungasesangweni

---

**11:1** *Noma, "Siyithambo lakho nenyama yakho." **11:6** *NgesiHebheru, "inhloko." **11:8** *NgesiHebheru, "eMilo." Okuyigama lesiHebheru elisho "ukugcwalisa."

**11:14** *Noma, "wabalethela insindiso enkulu." **11:15** *Noma, "eThafeni Eliphansi."

---

ISAHL. 11
a Num 13:22; 2Sa 2:1; 2Sa 5:5; 1Kr 12:23
b 2Sa 5:1, 2
c 1Sa 18:6, 13
d 2Sa 6:21; 2Sa 7:8, 9; Hu 78:70, 71
e 1Sa 16:13; 2Sa 2:4; 2Sa 5:3
f 1Sa 15:27, 28
g Jos 15:63; Hlu 1:21; Hlu 19:10
h Gen 10:15, 16; Gen 15:18, 21; Eks 3:17
i 2Sa 5:6-10
j 1Kh 8:1; Hu 2:6; Hu 48:2
k 1Kh 2:10
l 2Sa 2:18

Uhla 2
a 2Sa 3:1
b 1Sa 16:12, 13
c 1Kr 27:1, 2
d 2Sa 23:8
e Jos 23:10
f 2Sa 23:9, 10; 2Sa 23:15-17
g 1Kr 8:1, 4
h 1Sa 17:1
i Hu 18:50
j 1Sa 22:1
k Jos 15:8, 12; 2Sa 23:13-17
l 1Sa 20:6

laseBhetlehema bawaletha
kuDavide; kodwa uDavide we-
nqaba ukuwaphuza, wawathulu-
lela phansi emhlabathini pha-
mbi kukaJehova. **19** Wathi:
"Angisoze ngakwenza lokhu
ngenxa yokuthi ngihlonipha
uNkulunkulu! Ingabe kufanele
ngiphuze igazi lala madoda
abeke ukuphila kwawo engozi-
ni?[a] Ngoba abeke ukuphila kwa-
wo engozini ukuze alethe la ma-
nzi." Ngakho wenqaba uku-
waphuza. Lezi yizinto ezenzi-
wa amaqhawe akhe amathathu
anamandla.

**20** U-Abhishayi[b] umfowabo
kaJowabe[c] waba inhloko yama-
nye amathathu; wabulala aba-
ngaphezu kuka-300 ngomkho-
nto, futhi wayenedumela
elinjengelabokuqala abatha-
thu.[d] **21** Kulaba abanye aba-
thathu, wayevelele kakhulu ku-
nababili kubo, futhi wayeyindu-
na yabo; nokho akazange afike
ezingeni labokuqala abathathu.

**22** UBhenaya[e] indodana ka-
Jehoyada wayeyindoda enesi-
bindi* eyenza izenzo eziningi
zobuqhawe eKabiziyeli.[f] Wabu-
lala amadodana amabili ka-
Ariyeli wakwaMowabi, wehle-
la emgodini wamanzi ngolu-
nye usuku likhithika wabulala
ibhubesi.[g] **23** Wabulala nom-
Gibhithe owayemude nge-
ndlela engavamile—engamami-
tha angaba ngu-2,23* ubude.[h]
Nakuba lo mGibhithe ayephe-
the umkhonto onjengogodo
lohlaka lokweluka indwa-
ngu,[i] waya kuye ephethe indu-
ku wafike wahlwitha umkho-
nto esandleni somGibhithe, wa-
mbulala ngomkhonto wakhe.[j]
**24** Lezi zinto zenziwa uBhena-
ya indodana kaJehoyada, wa-
yenedumela elifana nelama-
qhawe amathathu anamandla.
**25** Nakuba ayevelele ngisho
nakakhulu kunalaba abanga-
mashumi amathathu, akazange
afike ezingeni lalaba abatha-
thu.[a] Nokho, uDavide wammi-
sa ukuba aphathe onogada ba-
khe.

**26** Amaqhawe anamandla
amabutho empi kwakungu-Asa-
heli[b] umfowabo kaJowabe,
u-Elihanani indodana kaDodo
waseBhetlehema,[c] **27** uSha-
moti umHarori, uHelezi
umPheloni, **28** u-Ira[d] indoda-
na ka-Ikheshi waseThekho-
wa, u-Abhi-yezeri[e] umAnathoti,
**29** uSibhekayi[f] umHusha,
u-Ilayi umAhohi, **30** uMahara-
yi[g] umNethofa, uHeledi[h] indo-
dana kaBhahana umNethofa,
**31** u-Ithayi indodana kaRibayi
waseGibheya labakwaBhenja-
mini,[i] uBhenaya umPirathoni,
**32** uHurayi wasemihosheni*
yaseGahashi,[j] u-Abhiyeli umAri-
ba, **33** u-Azimaveti umBhaha-
rumi, u-Eliyaba umShahaliboni,
**34** amadodana kaHashemi um-
Gizo, uJonathani indodana ka-
Shage umHarari, **35** u-Ahiya-
mu indodana kaSakari umHara-
ri, u-Elifali indodana ka-Uri,
**36** uHeferi umMekheti, u-Ahiya
umPheloni, **37** uHeziro umKa-
rmeli, uNaharayi indodana ka-
Ezibayi, **38** uJoweli umfowa-
bo kaNathani, uMibihari indo-
dana kaHagiri, **39** uZeleki um-
Amoni, uNaharayi waseBhe-
roti, isikhonzi esiphatha izikha-
li zikaJowabe indodana kaZe-
ruya; **40** u-Ira umIthire, uGa-
rebi umIthire, **41** u-Uriya[k] um-
Heti, uZabhadi indodana ka-
Ahilayi, **42** u-Adina indodana
kaShiza wakwaRubeni, inhlo-

---

**11:22** *NgesiHebheru, "indodana yendoda eyiqhawe." **11:23** *Noma, "eyizingalo ezinhlanu." Bheka iSithasiselo B14.

**11:32** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

---

**ISAHL. 11**

*a* Gen 9:4; Lev 17:10
*b* 1Sa 26:6; 2Sa 2:18; 2Sa 18:2
*c* 2Sa 3:30
*d* 2Sa 23:18, 19
*e* 1Kh 4:4; 1Kr 27:1, 5
*f* Jos 15:21
*g* Hlu 14:5, 6; 1Sa 17:36, 37; 2Sa 23:20-23
*h* 1Sa 17:4
*i* 1Sa 17:7
*j* 1Sa 17:51

**Uhla 2**

*a* 1Kr 11:19
*b* 2Sa 2:18, 23; 1Kr 27:1, 7
*c* 2Sa 23:24-39
*d* 1Kr 27:1, 9
*e* 1Kr 27:1, 12
*f* 2Sa 21:18; 1Kr 27:1, 11
*g* 1Kr 27:1, 13
*h* 1Kr 27:1, 15
*i* Hlu 20:15; 1Kr 12:1, 2
*j* Jos 24:30
*k* 2Sa 11:3, 17; 2Sa 12:9; 1Kh 15:5

ko yabakwaRubeni, okwakuna-
bangu-30 ngakuye; **43** uHana-
ni indodana kaMahakha, uJo-
shafati umMithini, **44** u-Uzaya
wase-Ashitaroti, uShama no-
Jeheyeli, amadodana kaHo-
thamu wase-Aroweri; **45** uJe-
diyayeli indodana kaShimri, no-
Joha umfowabo ongumThizi;
**46** u-Eliyeli umMahavi, uJeri-
bayi noJoshaviya amadodana
ka-Elinahama, u-Ithima wakwa-
Mowabi; **47** u-Eliyeli, u-Obede
noJahasiyeli umMezoba.

**12** Lawa kwakungamadoda
eza kuDavide eZikilagi[a]
ngesikhathi engakwazi ukuha-
mba ngokukhululekile ngenxa
kaSawule[b] indodana kaKishi,
ayephakathi kwamaqhawe ana-
mandla ayemsekela empini.[c]
**2** Ayehlome ngomnsalo, ekwa-
zi ukusebenzisa isandla soku-
dla nesobunxele[d] ukuze ajiki-
jele amatshe ngendwayima-
ne[e] noma acibishele imicibisho-
lo ngomnsalo. Ayengabafowa-
bo bakaSawule wakwaBhenja-
mini.[f] **3** U-Ahiyezeri wayeyi-
nhloko yawo kanye noJowashi,
bobabili bengamadodana ka-
Shemaha waseGibheya;[g] uJezi-
yeli noPhelethi amadodana ka-
Azimaveti,[h] uBherakha noJe-
hu umAnathoti, **4** u-Ishimaya
waseGibheyoni,[i] iqhawe elina-
mandla elaliphakathi kwaba-
ngamashumi amathathu[j] futhi
libengamele; uJeremiya, uJa-
haziyeli, uJohanani, uJoza-
bhadi waseGedera, **5** u-Eluza-
yi, uJerimoti, uBehaliya, uShe-
mariya, uShefathiya umHarifi,
**6** u-Elkana, u-Ishiyahu, u-Aza-
reli, uJowezeri noJashobeya-
mu abangamaKhora;[k] **7** uJo-
wela noZebadiya amadodana
kaJerohamu waseGedori.

**8** Abanye bakwaGadi baya
ohlangothini lukaDavide esigo-
dlweni ehlane;[l] babengamaqha-
we anamandla, amasosha aqe-
qeshelwe impi, babemi ngomu-
mo bephethe amahawu ama-
khulu nemikhonto, benobuso
obunjengobamabhubesi futhi
benejubane njengezinyamaza-
ne ezintabeni. **9** U-Ezeri wa-
yeyinhloko, u-Obadiya engowe-
sibili, u-Eliyabe engowesitha-
thu, **10** uMishimana engowe-
sine, uJeremiya engowesihla-
nu, **11** u-Athayi engowesithu-
pha, u-Eliyeli engowesikhombi-
sa, **12** uJohanani engoka-8,
u-Elizabadi engoka-9, **13** uJe-
remiya engoweshumi, uMaki-
bhanayi engoka-11. **14** Laba
babengabakwaGadi,[a] izinhloko
zebutho lempi. Omncane ku-
nabo bonke wayengalwa na-
bangu-100, omkhulu kunabo bo-
nke engalwa nabangu-1 000.[b]
**15** Lawa amadoda awela iJor-
dani ngenyanga yokuqala lapho
ligcwele kakhulu, axosha bonke
ababehlala emathafeni, empu-
malanga nasentshonalanga.

**16** Amanye amadoda akwa-
Bhenjamini nawakwaJuda na-
wo afika kuDavide esigodlwe-
ni sakhe.[c] **17** UDavide waphu-
ma waya kuwo wathi: "Uma ku-
wukuthi nize kimi ngokuthu-
la ukuzongisiza, inhliziyo yami
izoba munye nani. Kodwa uma
kuwukuthi nizele ukuzongini-
kela kwabaphikisana nami ngi-
be ngingenzanga lutho olubi,
uNkulunkulu wokhokho bethu
makakubone lokho ahlulele."[d]
**18** Umoya wehlela* ku-Amasa-
yi,[e] inhloko yabangamashumi
amathathu, wathi:

"Singabakho Davide,
sikanye nawe ndodana ka-
Jese.[f]
Ukuthula, ukuthula ma-
kube ngokwakho, kube
ukuthula nakulowo
okusizayo,

12:18 *NgesiHebheru, "wamboza."

**ISAHL. 12**

a 1Sa 27:5, 6; 2Sa 1:1
b 1Sa 27:1
c 1Kr 11:10
d Hlu 3:15; Hlu 20:15, 16
e 1Sa 17:49
f Gen 49:27
g 1Sa 11:4
h 1Kr 11:26, 33
i Jos 9:3
j 1Kr 11:15
k Num 26:10, 11
l 1Sa 23:14, 29; 1Sa 24:22; 1Kr 11:16

**Uhla 2**

a Gen 49:19; Dut 33:20
b Lev 26:8
c 1Sa 22:1; 1Sa 23:14; 1Sa 24:22
d 1Sa 24:12, 15; 1Sa 26:23; Hu 7:6
e Hlu 6:34; Hlu 13:24, 25
f 2Sa 15:21

Ngoba uNkulunkulu wakho
uyakusiza.”[a]
Ngakho uDavide wabemukela
wabamisa ukuba babe phakathi
kwezinhloko zamaviyo.
**19** Abanye bakwaManase
nabo baqembukela kuDavide
lapho eza namaFilisti ezo-
lwa noSawule; kodwa akazange
awasize amaFilisti ngoba nge-
mva kokucebisana, amakhosi
amaFilisti[b] amxosha, ethi:
“Uzoqembukela enkosini yakhe
uSawule bese ukuphila kwe-
thu kuba sengozini.”[c] **20** La-
pho eya eZikilagi,[d] laba bahla-
mukela kuye bevela kwaMana-
se: u-Adina, uJozabhadi, uJedi-
yayeli, uMikayeli, uJozabhadi,
u-Elihu noZilethayi, izinhloko
zezinkulungwane zakwaMana-
se.[e] **21** Basiza uDavide eku-
lweni neviyo labaphangi, ngoba
bonke babengamadoda anama-
ndla nanesibindi,[f] futhi baba
izinduna ebuthweni lempi.
**22** Usuku nosuku abantu ba-
belokhu beza kuDavide[g] bezo-
msiza, kwaze kwaba ikamu eli-
khulu njengekamu likaNkulu-
nkulu.[h]
**23** Leli inani lezinhloko za-
labo ababehlomele impi abeza
kuDavide eHebroni[i] bezomnika
ubukhosi bukaSawule ngoku-
vumelana nomyalo kaJehova.[j]
**24** Amadoda akwaJuda apha-
tha amahawu amakhulu nemi-
khonto ayengu-6 800, ehlomele
impi. **25** KwabakwaSimeyoni,
amadoda anamandla nanesibi-
ndi ebutho lempi ayengu-7 100.
**26** KumaLevi ayengu-4 600.
**27** UJehoyada[k] wayengumholi
wamadodana ka-Aroni,[l] kanye
naye kwakunamadoda angu-
3 700, **28** noZadoki[m] insizwa
enamandla nenesibindi, kanye
nezinduna ezingu-22 ezivela
emndenini kayise.

ISAHL. 12
*a* Hu 54:4
*b* Hlu 3:1, 3
*c* 1Sa 29:2-4
*d* 1Sa 30:1
*e* Dut 33:17
*f* 1Kr 5:23, 24; 1Kr 11:10
*g* 2Sa 2:3
*h* 2Sa 3:1
*i* 2Sa 2:1; 2Sa 5:1
*j* 1Sa 16:1, 13; 1Kr 11:10
*k* 1Kr 27:1, 5
*l* 1Kr 6:49
*m* 2Sa 8:17; 1Kh 1:8; 1Kh 2:35; 1Kr 6:1, 8; 1Kr 27:16, 17

Uhla 2
*a* 1Kr 8:1, 33; 1Kr 12:1, 2
*b* Num 32:33; Jos 13:8

**29** KwabakwaBhenjamini,
abafowabo bakaSawule,[a] kwa-
kunamadoda angu-3 000, ini-
ngi labakwaBhenjamini lalika-
de liqapha indlu kaSawule.
**30** Kwabakwa-Efrayimi kwaku-
namadoda odumo, anamandla
nanesibindi angu-20 800 phaka-
thi kwemindeni yoyise.
**31** Kuhhafu wesizwe sakwa-
Manase kwakunamadoda angu-
18 000 ayegagulwe ngamaga-
ma ukuba azobeka uDavide
abe inkosi. **32** Esizweni sa-
kwa-Isakare esasiqonda izi-
khathi sazi nalokho okufa-
nele kwenziwe u-Israyeli, kwa-
kunezinduna zaso ezingu-200,
futhi bonke abafowabo* babe-
ngaphansi kwaso. **33** KwaZe-
bhuloni kwakunamadoda angu-
50 000 ayelungele impi, ena-
zo zonke izikhali zempi, wo-
nke asekela uDavide ngenhli-
ziyo ephelele.* **34** KwaNafeta-
li kwakunezinduna ezingu-
1 000, kanye nazo kwakunama-
doda angu-37 000 aphatha
amahawu amakhulu nemikho-
nto. **35** KwabakwaDani, aba-
belungele impi babengu-28 600.
**36** Kwa-Asheri, ababelungele
impi babengu-40 000.
**37** Kwabavela ngapesheya
kweJordani,[b] abakwaRubeni,
abakwaGadi nohhafu wesizwe
sakwaManase, kwakunamaso-
sha angu-120 000 ayenazo zo-
nke izinhlobo zezikhali zempi.
**38** Bonke laba babengamado-
da empi, alungele impi, ayemi
ngezinhlu zawo; eza eHebroni
ngenhliziyo ephelele ezobeka
uDavide ukuba abe inkosi phe-
zu kwawo wonke u-Israyeli, fu-
thi wonke u-Israyeli owayese-
le wayehambisana nganhliziyo-
nye nokuba uDavide abe inko-

**12:32** * Okuwukuthi, abantu besizwe sakubo. **12:33** * Noma, “awamsekelanga ngenhliziyo embaxa-mbili uDavide.”

si.[a] **39** Ahlala lapho noDavide
izinsuku ezintathu, edla ephu-
za, ngoba abafowabo babewa-
lungiselele. **40** Nalabo ababe-
seduze kwawo, ngisho nalabo
ababekude le kwa-Isakare,
kwaZebhuloni nakwaNafetali,
babeletha ukudla bekulayishe
ezimbongolweni, emakamelini,
eminyuzini nasezinkomeni—izi-
nto ezenziwe ngofulawa, iziga-
xa zamakhiwane agxishiwe ne-
zamagilebhisi omisiwe, iwayini,
amafutha, izinkomo nezimvu
eziningi kakhulu, ngoba kwa-
kujatshulwe kwa-Israyeli.

**13** UDavide wabonisana ne-
zinduna zezinkulungwa-
ne nezamakhulu nabo bonke
abaholi.[b] **2** UDavide wabe
esethi kulo lonke ibandla lika-
Israyeli: "Uma kukuhle kini
futhi kwamukeleka kuJeho-
va uNkulunkulu wethu, ma-
sithumele umyalezo kubafowe-
thu abasele kuzo zonke izi-
funda zakwa-Israyeli nakuba-
pristi namaLevi emadolobhe-
ni awo[c] anamadlelo, ukuba
beze kithi. **3** Futhi masibuyi-
se uMphongolo[d] kaNkulunkulu
wethu." Ngoba abazange bawu-
nakekele ezinsukwini zikaSa-
wule.[e] **4** Lonke ibandla lavu-
ma ukwenza lokho, ngoba kwa-
bonakala kuyinto enhle kubo
bonke abantu. **5** Ngakho uDa-
vide waqoqa wonke u-Israye-
li kusukela emfuleni* waseGi-
bhithe kwaze kwaba seLebo-
hamati,#[f] ukuze alande uMpho-
ngolo kaNkulunkulu weqiniso
eKiriyati-jeyarimi.[g]

**6** UDavide nawo wonke
u-Israyeli bakhuphukela eBha-
hala,[h] eKiriyati-jeyarimi elinge-
lakwaJuda, beyolanda uMpho-
ngolo kaNkulunkulu weqini-
so uJehova, ohlezi esihla-

---

**13:5** *Noma, "eShihori." #Noma, "se-kuqaleni kweHamati."

lweni sobukhosi ngaphezu*
kwamakherubi,[a] lapho igama
lakhe libizwa khona. **7** No-
kho, uMphongolo kaNkulunku-
lu weqiniso bawulayisha enqo-
leni entsha[b] bewususa endlini
ka-Abhinadaba; u-Uza no-Ahi-
yo babehola le nqola.[c] **8** UDa-
vide nawo wonke u-Israyeli ba-
begiya phambi kukaNkulunku-
lu weqiniso ngawo wonke ama-
ndla abo, ngezingoma, ama-
habhu, ezinye izinsimbi zo-
mculo ezinezintambo, amatha-
mborini,[d] amasimbali[e] nama-
cilongo.[f] **9** Kodwa lapho befi-
ka esibuyeni* sikaKidoni, u-Uza
welula isandla sakhe wabamba
uMphongolo, ngoba izinkomo
zacishe zawuwisa. **10** Ngenxa
yalokho uJehova wamthuku-
thelela kakhulu u-Uza, wambu-
lala ngoba wayelule isandla
sakhe wabamba uMphongo-
lo,[g] wafela khona lapho pha-
mbi kukaNkulunkulu.[h] **11** Ko-
dwa uDavide wathukuthela*
ngenxa yokuthi uJehova waye-
thukuthelele u-Uza; leyo ndawo
yabizwa ngokuthi iPherezi-uza
kuze kube namuhla.

**12** Ngakho uDavide wame-
saba uNkulunkulu weqiniso
ngalolo suku, wathi: "UMpho-
ngolo kaNkulunkulu weqiniso
ngingawuletha kanjani kimi?"[i]
**13** UDavide akazange awule-
the uMphongolo lapho ayehla-
la khona eDolobheni LikaDa-
vide, kodwa wathi mawuyiswe
endlini ka-Obede-edomi umGi-
ti. **14** UMphongolo kaNkulu-
nkulu weqiniso wahlala na-
bomndeni ka-Obede-edomi izi-
nyanga ezintathu, uJehova wa-
yelokhu ewubusisa umndeni
ka-Obede-edomi nakho konke
ayenakho.[j]

---

**13:6** *Noma kungaba, "phakathi." **13:9** *Indawo okubhulelwa kuyo ukudla oku-sanhlamvu. **13:11** *Noma, "wacasuka."

**ISAHL. 12**
*a* Gen 49:8, 10; 1Kr 11:10

**ISAHL. 13**
*b* 1Kr 15:25
*c* Num 35:2
*d* 1Sa 7:2
*e* 1Sa 14:18
*f* Num 34:2, 8
*g* 1Sa 6:21–7:1; 2Sa 6:1, 2; 1Kr 15:3
*h* Jos 15:9, 12

**Uhla 2**
*a* Eks 25:22; Num 7:89; 1Sa 4:4; 2Sa 6:2
*b* Eks 37:5
*c* 2Sa 6:3-8
*d* Eks 15:20
*e* 1Kr 25:1
*f* 2Kr 5:13
*g* Num 4:15
*h* Lev 10:1, 2
*i* 2Sa 6:9-11
*j* Gen 30:27; Gen 39:5

**14** UHiramu inkosi[a] yase-
Thire wathumela izithu-
nywa kuDavide, amapulangwe
omsedari, abasebenza nge-
tshe* nababazi ukuze bayoma-
khela indlu.#[b] **2** UDavide wa-
yazi ukuthi uJehova waye-
mmise ngokuqinile njengenko-
si phezu kuka-Israyeli,[c] ngoba
ubukhosi bakhe babuphakanyi-
swe kakhulu ngenxa yabantu
baKhe u-Israyeli.[d]
**3** UDavide wathatha abanye
abafazi[e] eJerusalema, wazala
amanye amadodana namadoda-
kazi.[f] **4** Yilawa amagama aba-
ntwana azalelwa bona eJeru-
salema:[g] UShamuwa, uSho-
babi, uNathani,[h] uSolomoni,[i]
**5** u-Ibhari, u-Elishuwa, u-Eli-
pheleti, **6** uNoga, uNefegi,
uJafiya, **7** u-Elishama, uBeye-
liyada no-Elifeleti.
**8** Lapho amaFilisti ezwa
ukuthi uDavide ugcotshwe
waba inkosi phezu kwawo wo-
nke u-Israyeli,[j] wonke amaFili-
sti akhuphuka ezofuna uDavi-
de.[k] Lapho uDavide ezwa nga-
kho, waphuma wayokulwa
nawo. **9** AmaFilisti afika alo-
khu etheleka eSigodini* Sa-
maRefa.[l] **10** UDavide wabuza
uNkulunkulu, wathi: "Ngikhu-
phuke yini ngiyokulwa na-
maFilisti? Uzowanikela yini
esandleni sami?" UJehova wa-
thi kuye: "Khuphuka, naka-
njani ngizowanikela esandleni
sakho."[m] **11** Ngakho uDavide
wakhuphukela eBhali-pherazi-
mi,[n] wafike wawabulala la-
pho. Ngenxa yalokho uDavi-
de wathi: "UNkulunkulu we-
qiniso uhambe phambi kwami
njengezikhukhula zamanzi wa-
fike wazibhubhisa izitha zami."
Yingakho baqamba leyo nda-
wo ngokuthi iBhali-pherazimi.*
**12** AmaFilisti abashiya lapho
onkulunkulu bawo, futhi lapho
uDavide ekhipha umyalo, ba-
shiswa ngomlilo.[a]
**13** Kamuva amaFilisti aphi-
nda atheleka esigodini.*[b]
**14** UDavide waphinda wabu-
za uNkulunkulu, kodwa uNku-
lunkulu weqiniso wathi kuye:
"Ungakhuphuki uqonde kuwo.
Kunalokho, zungeza uye nge-
mva kwawo, uwaqhamukele
phambi kwezihlahla zamabha-
kha.[c] **15** Lapho uzwa umsi-
ndo wokumasha phezu kwe-
zihlahla zamabhakha, hlase-
la ngoba uNkulunkulu weqini-
so uyobe ephume ngaphambi
kwakho ukuze anqobe ibutho
lamaFilisti."[d] **16** Ngakho uDa-
vide wenza njengoba nje uNku-
lunkulu weqiniso ayemyalile,[e]
futhi balibulala ibutho lamaFi-
listi kusukela eGibheyoni kuya
eGezeri.[f] **17** Udumo lukaDa-
vide lwasakazekela kuwo wo-
nke amazwe, uJehova wame-
nza wesatshwa yizo zonke izi-
zwe.[g]

**15** Waqhubeka ezakhela izi-
ndlu eDolobheni Lika-
Davide, walungisa nenda-
wo yoMphongolo kaNkulunku-
lu weqiniso futhi wagxumeka
itende lawo.[h] **2** Kungaleso si-
khathi lapho uDavide athi kho-
na: "Akekho okumele athwale
uMphongolo kaNkulunkulu we-
qiniso ngaphandle kwamaLevi,
ngoba yiwo uJehova awakhe-
thele ukuthwala uMphongolo
kaJehova nokuba amkhonze
njalo."[i] **3** UDavide wabe ese-
qoqela wonke u-Israyeli eJeru-
salema ukuze alethe uMpho-
ngolo kaJehova endaweni aye-
wulungiselele yona.[j]

---

**14:1** *Noma, "abakha izindonga." #Noma, "isigodlo." **14:9** *Noma, "eThafeni Eliphansi."

**14:11** *Incazelo: "Umpetha Wokufohla." **14:13** *Noma, "ethafeni eliphansi."

---

ISAHL. 14
a 1Kh 5:6, 8
b 2Sa 5:11, 12
c Hu 89:20, 21
d 2Sa 7:8
e Dut 17:17
f 2Sa 5:13-16
g 1Kr 3:5-9
h Luk 3:23, 31
i 1Kh 1:47 Mat 1:6
j 1Kr 11:3
k 2Sa 5:17 Hu 2:2
l 2Sa 5:18, 22 2Sa 23:13
m 2Sa 5:19-21
n Isay 28:21

Uhla 2
a Dut 7:25
b 2Sa 5:22-25
c Jos 8:2 Hu 18:34
d Dut 23:14 Hlu 4:14
e Gen 6:22 Eks 39:32
f Jos 16:10
g Dut 2:25 Dut 11:25 Jos 2:9

ISAHL. 15
h 2Sa 7:1, 2 1Kr 16:1 Hu 132:1-5
i Num 4:15 Dut 10:8
j 2Sa 6:12 1Kr 13:5

**4** UDavide waqoqa inza-
lo ka-Aroni[a] namaLevi:[b] **5** ku-
maKohati, u-Uriyeli induna na-
bafowabo abangu-120; **6** ku-
maMerari, u-Asaya[c] induna na-
bafowabo abangu-220; **7** ku-
maGereshomu, uJoweli[d] indu-
na nabafowabo abangu-130;
**8** enzalweni ka-Elizafani,[e]
uShemaya induna nabafowabo
abangu-200; **9** enzalweni ka-
Hebroni, u-Eliyeli induna naba-
fowabo abangu-80; **10** enza-
lweni ka-Uziyeli,[f] u-Aminada-
ba induna nabafowabo aba-
ngu-112. **11** Ngaphezu kwalo-
kho, uDavide wabiza abapristi
uZadoki[g] no-Abhiyathara,[h] na-
maLevi u-Uriyeli, u-Asaya, uJo-
weli, uShemaya, u-Eliyeli no-
Aminadaba, **12** wathi kubo:
"Niyizinhloko zemindeni yo-
yihlo bamaLevi. Zingcwelise-
ni, nina nabafowenu, nikhu-
phule uMphongolo kaJehova
uNkulunkulu ka-Israyeli niwu-
lethe endaweni engiwulungi-
sele yona. **13** Ngenxa yoku-
thi aniwuthwalanga ekuqale-
ni,[i] uJehova uNkulunkulu we-
thu wasithukuthelela[j] ngoba
asizange sisilandele isiqondiso
sakhe."[k] **14** Ngakho abapristi
namaLevi bazingcwelisa ukuze
bakhuphule uMphongolo kaJe-
hova uNkulunkulu ka-Israyeli.
**15** Ngakho amaLevi awu-
thwala ngezinduku zawo ema-
hlombe uMphongolo[l] kaNkulu-
nkulu weqiniso, njengoba nje
uMose ayeyalile ngezwi likaJe-
hova. **16** UDavide wabe ese-
tshela izinduna zamaLevi uku-
ba zimise abafowabo abanga-
bahlabeleli abazocula ngenja-
bulo bephelezelwa izinsimbi
zomculo: izinsimbi zomculo
ezinezintambo, amahabhu[m] na-
masimbali.[n]
**17** Ngakho amaLevi amisa
uHemani[o] indodana kaJoweli,
no-Asafa[p] indodana kaBhereki-
ya kubafowabo, u-Ethani[a] indo-
dana kaKhushaya, wamaMera-
ri abafowabo. **18** Kanye nabo
kwakunabafowabo besigaba se-
sibili,[b] uZakariya, uBheni, uJa-
ziyeli, uShemiramoti, uJehiye-
li, u-Uni, u-Eliyabe, uBhenaya,
uMahaseya, uMatithiya, u-Elife-
lehu noMikineya, kanye no-
Obede-edomi noJeheyeli abali-
ndisango. **19** Abahlabeleli
uHemani,[c] u-Asafa[d] no-Ethani
babezodlala amasimbali ethu-
si;[e] **20** uZakariya, u-Aziyeli,
uShemiramoti, uJehiyeli, u-Uni,
u-Eliyabe, uMahaseya noBhe-
naya babedlala izinsimbi zo-
mculo ezinezintambo ezifakwe
enothini le-Alamoti;*[f] **21** uMa-
tithiya,[g] u-Elifelehu, uMikine-
ya, u-Obede-edomi, uJeheyeli
no-Azaziya babedlala amaha-
bhu adlala ngenothi leShemi-
niti*[h] ukuze babe abaqondi-
si. **22** UKhenaniya[i] induna ya-
maLevi wayeqondisa ukuthwa-
lwa koMphongolo ngoba wa-
yenguchwepheshe, **23** uBhe-
rekiya no-Elkana babengaba-
qaphi* boMphongolo. **24** Aba-
pristi uShebaniya, uJoshafati,
uNethaneli, u-Amasayi, uZaka-
riya, uBhenaya no-Eliyezeri ba-
beshaya amacilongo kakhulu
phambi koMphongolo kaNkulu-
nkulu weqiniso,[j] u-Obede-
edomi noJehiya babengabaqa-
phi boMphongolo.
**25** UDavide namadoda ama-
dala akwa-Israyeli nezinduna
zezinkulungwane babehamba
ngenjabulo[k] beyolanda umpho-
ngolo wesivumelwano sikaJe-
hova endlini ka-Obede-edomi.[l]
**26** Lapho uNkulunkulu weqi-
niso esiza amaLevi ayethwe-
le umphongolo wesivumelwano
sikaJehova, enza umhlatshelo

**15:20, 21** * Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **15:23** * Noma, "babengabalindisango."

ISAHL. 15
a Num 3:2, 3
b 1Kr 6:1
c 1Kr 6:29, 30
d 1Kr 23:6-8
e Eks 6:18, 22
f Eks 6:16, 18
g 2Sa 8:17
h 1Sa 22:20; 1Kh 2:27, 35
i 2Sa 6:3
j 2Sa 6:8
k Num 4:15; Dut 31:9
l Eks 25:14; Num 4:6; 2Kr 5:9
m Hu 33:2
n 1Kr 16:5; 2Kr 5:12, 13
o 1Kr 6:31, 33; 1Kr 25:5
p 1Kr 6:31, 39; 1Kr 25:1, 2; Hu 83:0

Uhla 2
a 1Kr 6:31, 44
b 1Kr 25:9
c 1Kr 6:31-33
d 1Kr 25:1
e 1Kr 13:8
f Hu 46:0
g 1Kr 16:4, 5
h Hu 6:0
i 1Kr 15:27
j 1Kr 16:4, 6
k 2Sa 6:4, 5; 2Sa 6:12
l 1Kr 13:14

ngamathole amaduna ayisikho-
mbisa nezinqama eziyisikho-
mbisa.[a] **27** UDavide wayegqo-
ke ijazi elingenamikhono le-
ndwangu esezingeni eliphezu-
lu, njengoba kwakunjalo nanga-
wo wonke amaLevi ayethwele
uMphongolo, abahlabeleli, no-
Khenaniya induna eyengamele
ukuthwalwa koMphongolo na-
bahlabeleli; uDavide wayegqo-
ke ne-efodi lelineni.[b] **28** Wo-
nke ama-Israyeli ayekhuphula
umphongolo wesivumelwano si-
kaJehova ememeza ngenjabu-
lo,[c] eshaya uphondo, amacilo-
ngo,[d] amasimbali, ekhalisa ka-
khulu izinsimbi zomculo ezine-
zintambo namahabhu.[e]

**29** Kodwa kwathi lapho um-
phongolo wesivumelwano sika-
Jehova ufika eDolobheni Li-
kaDavide,[f] uMikhali, indodaka-
zi kaSawule,[g] walunguza ngefa-
sitela wabheka phansi wabona
iNkosi uDavide itshakadula igi-
ya; wayeseyidelela enhliziywe-
ni yakhe.[h]

**16** Ngakho bawungenisa
uMphongolo kaNkulu-
nkulu weqiniso bawubeka
ngaphakathi etendeni uDavi-
de ayeligxumekele wona;[i] babe
sebeletha iminikelo eshiswa-
yo nemihlatshelo ehlanganye-
lwayo phambi kukaNkulunkulu
weqiniso.[j] **2** Lapho uDavide
eseqedile ukunikela iminikelo
eshiswayo[k] nemihlatshelo ehla-
nganyelwayo,[l] wabusisa abantu
egameni likaJehova. **3** Nga-
phezu kwalokho, wabela wonke
ama-Israyeli, wonke amadoda
nabesifazane, isinkwa esiyindi-
linga, ikhekhe lamasundu ne-
khekhe lamagilebhisi omisi-
we. **4** Ngemva kwalokho wa-
misa amanye amaLevi ukuba
akhonze phambi koMphongo-
lo kaJehova,[m] ukuze ahloni-
phe,* abonge futhi adumise
uJehova uNkulunkulu ka-Isra-
yeli. **5** U-Asafa[a] wayeyinhlo-
ko, elandelwa uZakariya; uJe-
heyeli, uShemiramoti, uJehiye-
li, uMatithiya, u-Eliyabe, uBhe-
naya, u-Obede-edomi noJehe-
yeli[b] babedlala izinsimbi zo-
mculo ezinezintambo namaha-
bhu;[c] u-Asafa wayedlala amasi-
mbali,[d] **6** uBhenaya noJahazi-
yeli abapristi babeshaya ama-
cilongo njalo phambi kompho-
ngolo wesivumelwano sikaNku-
lunkulu weqiniso.

**7** Kwakungalolo suku lapho
uDavide aqamba khona ingo-
ma yokubonga uJehova, waya-
la u-Asafa[e] nabafowabo ukuba
bayicule:

**8** "Mbongeni uJehova,[f] nibize
igama lakhe,
Yenzani izenzo zakhe zazi-
we phakathi kwezizwe![g]
**9** Mhubeleni, nimculele izi-
ngoma,[h]
Zindlani* ngayo yonke imi-
sebenzi yakhe emangali-
sayo.[i]
**10** Ziqhayiseni ngegama lakhe
elingcwele.[j]
Mazijabule izinhliziyo zala-
bo abafuna uJehova.[k]
**11** Funani uJehova[l] namandla
akhe.
Qhubekani nimfuna.[m]
**12** Khumbulani imisebenzi
yakhe emangalisayo
ayenzile,[n]
Izimangaliso zakhe neza-
hlulelo azikhiphile,
**13** Nina nzalo* ka-Israyeli
inceku yakhe,[o]
Nina bantwana bakaJako-
be, abakhethiwe bakhe.[p]
**14** UnguJehova uNkulunkulu
wethu.[q]

ISAHL. 15
a 2Sa 6:13
b 2Sa 6:14, 15
c 1Kr 13:8
d 1Kr 16:4, 6
e 2Sa 6:5
f 1Kr 17:1
g 1Sa 18:27 2Sa 3:13, 14
h 2Sa 6:16

ISAHL. 16
i 1Kh 8:1 1Kr 15:1
j 2Sa 6:17-19 1Kh 8:5
k Lev 1:3
l Lev 3:1
m Num 18:2

Uhla 2
a 1Kr 6:31, 39
b 1Kr 15:18
c 1Kr 15:21
d 1Kr 15:17, 19
e 1Kr 6:31, 39
f Hu 106:1
g Hu 67:2 Hu 105:1-6 Isay 12:4
h 2Sa 23:1 Efe 5:19
i Hu 107:43
j Lev 22:32 Isay 45:25 Jer 9:24
k 1Kr 28:9 Flp 4:4
l Amo 5:4 Zef 2:3
m Hu 24:5, 6
n Hu 111:2-4
o Isay 41:8
p Hu 135:4
q Hu 95:7

**16:4** *NgesiHebheru, "akhumbule."
**16:9** *Noma kungaba, "Khulumani."
**16:13** *NgesiHebheru, "mbewu."

Izahlulelo zakhe zisemhla-
beni wonke.[a]
15 Khumbulani isivumelwano
sakhe kuze kube pha-
kade,
Isithembiso asenza* ezi-
zukulwaneni eziyinkulu-
ngwane,[b]
16 Isivumelwano asenza no-
Abrahama,[c]
Nesifungo asifunga ku-
Isaka,[d]
17 Asimisa saba umyalo kuJa-
kobe,[e]
Saba isivumelwano sapha-
kade ku-Israyeli,
18 Ethi, 'Ngizokunika izwe la-
seKhanani,[f]
Libe yifa lakho.'[g]
19 Lokhu kwenzeka lapho ni-
sembalwa,
Yebo, nimbalwa kakhulu fu-
thi niyizifiki ezweni.[h]
20 Babehamba besuka kwesi-
nye isizwe beya kwesinye,
Besuka komunye umbuso
beya komunye umbuso.[i]
21 Akavumelanga muntu uku-
ba abacindezele,[j]
Kodwa wasola amakhosi
ngenxa yabo,[k]
22 Ethi, 'Ningabathinti aba-
gcotshiwe bami,
Ningenzi lutho olubi kuba-
profethi bami.'[l]
23 Culelani uJehova, nonke
nina bantu basemhlabeni!
Memezelani insindiso ya-
khe usuku nosuku![m]
24 Memezelani inkazimulo ya-
khe phakathi kwezizwe,
Imisebenzi yakhe emangali-
sayo kuzo zonke izizwe.
25 Ngoba uJehova mkhulu fu-
thi ukufanelekela kakhulu
ukudunyiswa.
Uyesabeka ngaphezu kwa-
bo bonke abanye onkulu-
nkulu.[n]

16:15 *NgesiHebheru, "Izwi aliyala."

ISAHL. 16
a Hu 105:7-11
b Dut 7:9
c Gen 15:18
Gen 17:1, 2
d Gen 26:3-5
e Gen 28:14
f Gen 12:7
Gen 17:8
Gen 35:12
g Dut 32:8
h Gen 34:30
Dut 26:5
Hu 105:12-15
i Gen 20:1
Gen 46:6
j Gen 31:7, 42
k Gen 12:17
Gen 20:3
l Gen 20:7
m Hu 40:10
Hu 96:1-6
n Eks 15:11

Uhla 2
a Isay 45:20
1Ko 8:4
b Isay 44:24
c Dut 33:26
Hu 8:1
d 1Ti 1:11
e Hu 68:34
Hu 96:7-13
f Dut 28:58
Neh 9:5
Hu 148:13
g 1Kr 29:3-5
Mat 5:23
h Dut 26:10
i Hu 104:5
Shu 1:4
j Hu 97:1
k IsA 19:6
l 2Kr 5:13
Luk 18:19
m Hu 103:17
Jer 31:3
IsiL 3:22

26 Bonke onkulunkulu be-
zizwe bangonkulunkulu
abangasizi ngalutho,[a]
Kodwa uJehova nguye
owadala amazulu.[b]
27 Uzungezwe ubukhulu*
nobukhazikhazi;[c]
Amandla nenjabulo
kusendaweni yakhe.[d]
28 Dumisani uJehova nina
mindeni yezizwe,
Dumisani uJehova ngenxa
yenkazimulo namandla
akhe.[e]
29 Nikani uJehova inkazimulo
efanele igama lakhe;[f]
Lethani isipho ningene
phambi kwakhe.[g]
Khothamani* kuJehova
nembethe izingubo
ezingcwele.#[h]
30 Thuthumelani phambi kwa-
khe, mhlaba wonke!
Umhlaba umiswe waqina;
awunakunyakaziswa.*[i]
31 Amazulu mawathokoze,
nomhlaba mawujabule;[j]
Memezelani ezizweni nithi,
'UJehova useyiNkosi!'[k]
32 Ulwandle maludume kanye
nakho konke okukulo;
Amathafa nakho konke
okukuwo makuthokoze.
33 Ngesikhathi esifanayo izi-
hlahla ezisehlathini mazi-
memeze ngenjabulo pha-
mbi kukaJehova,
Ngoba uyeza uzokwahlulela
umhlaba.
34 Bongani uJehova, ngoba
muhle;[l]
Uthando lwakhe oluqotho
luhlala kuze kube
phakade.[m]

16:27 *Noma, "isithunzi." 16:29 *Noma, "Khonzani." #Noma kungaba, "ngenxa yobukhazikhazi bobungcwele bakhe." 16:30 *Noma, "awunakuntengantengiswa."

**35** Nithi, 'Sisindise, Nkulunku-
lu wensindiso yethu,[a]
Siqoqele ndawonye, usi-
khulule ezizweni,
Ukuze sibonge igama lakho
elingcwele[b]
Sikudumise ngenjabulo.[c]
**36** Kwangathi uJehova uNku-
lunkulu ka-Israyeli anga-
dunyiswa
Kuze kube phakade.' "*

Bonke abantu bathi, "Amen!"#
base bedumisa uJehova.

**37** Ngemva kwalokho uDavi-
de washiya u-Asafa[d] nabafowa-
bo lapho phambi komphongo-
lo wesivumelwano sikaJeho-
va ukuze bakhonze njalo pha-
mbi koMphongolo,[e] ngokwenqu-
bo yansuku zonke.[f] **38** U-Obe-
de-edomi nabafowabo abangu-
68, u-Obede-edomi oyindodana
kaJeduthuni kanye noHosa ba-
bengabalindisango; **39** uZado-
ki[g] umpristi nabanye abapri-
sti babephambi kwetabernake-
le likaJehova endaweni ephake-
me eGibheyoni[h] **40** ukuze ba-
nikele iminikelo eshiswayo ku-
Jehova e-altare lomnikelo oshi-
swayo, njalo ekuseni nakusi-
hlwa, nokuba benze konke oku-
lotshwe eMthethweni kaJehova
ayala ngawo u-Israyeli.[i] **41** Ka-
nye nabo kwakunoHemani no-
Jeduthuni,[j] nawo wonke ama-
doda akhethiwe ayeshiwo nga-
magama ukuba abonge uJeho-
va,[k] ngoba "uthando lwakhe
oluqotho luhlala kuze kube pha-
kade";[l] **42** kanye nabo kwaku-
noHemani[m] noJeduthuni aba-
bezoshaya amacilongo, amasi-
mbali nezinsimbi ezazisetshe-
nziselwa ukudumisa uNkulu-
nkulu* weqiniso; amadodana
kaJeduthuni[a] ayesesangweni.
**43** Ngemva kwalokho bonke
abantu baya emizini yabo, uDa-
vide wahamba wayobusisa um-
ndeni wakhe.

**17** Lapho nje uDavide ese-
zinzile emzini* wa-
khe, wathi kuNathani[b] umpro-
fethi: "Mina ngihlala endlini
yemisedari[c] kuyilapho umpho-
ngolo wesivumelwano sikaJe-
hova ungaphansi kwetende."[d]
**2** UNathani wathi kuDavide:
"Yenza noma yini esenhlizi-
yweni yakho, ngoba uNkulu-
nkulu weqiniso unawe."

**3** Ngabo kanye lobo busuku,
izwi likaNkulunkulu lafika ku-
Nathani, lathi: **4** "Hamba uthi
encekwini yami uDavide, 'Yilo-
khu uJehova akushoyo: "Aku-
wena ozongakhela indlu engi-
zohlala kuyo.[e] **5** Ngoba angi-
zange ngihlale endlini kusuke-
la ngosuku engakhipha ngalo
u-Israyeli eGibhithe kuze kube
namuhla, kodwa ngangilokhu
ngisuka kwelinye itende ngiya
kwelinye nakwelinye itaberna-
kele ngiya kwelinye.*[f] **6** Pha-
kathi naso sonke isikhathi
engangihamba ngaso nawo wo-
nke u-Israyeli, kukhona yini
engake ngakusho kunoma uba-
ni kubahluleli bakwa-Israye-
li engammisa ukuba eluse aba-
ntu bami, ngathi, 'Kungani
ungangakhelanga indlu yemi-
sedari?' " '

**7** "Manje khuluma nence-
ku yami uDavide uthi, 'Yilo-
khu uJehova wamabutho aku-
shoyo: "Ngakuthatha emadle-
lweni ulandela umhlambi we-
zimvu ukuze ube umholi wa-
bantu bami u-Israyeli.[g] **8** Ngi-

---

**16:36** *Noma, "Kusukela phakade kuze kube phakade." #Noma, "Makube njalo!" **16:42** *Noma, "nezinsimbi zengoma kaNkulunkulu."

**17:1** *Noma, "esigodlweni." **17:5** *Kungenzeka kushiwo ukuthi, "kusukela kwenye indawo yetende kuya kwenye, nakwenye indawo yokuhlala kuya kwenye."

---

ISAHL. 16
- a Hu 68:20
- b Hu 122:4
- c Isay 43:21
- d 1Kr 15:16, 17
- e 1Kr 16:4-6
- f Eks 29:38; 2Kr 13:11; Ezr 3:4
- g 1Kr 12:28
- h 1Kh 3:4
- i Eks 29:39; 2Kr 2:4
- j 1Kr 25:1
- k 1Kr 16:4
- l 2Kr 5:13; Ezr 3:11
- m 1Kr 6:31, 33; 1Kr 15:16, 17

Uhla 2
- a 1Kr 25:1, 3

ISAHL. 17
- b 1Kh 1:8; 1Kr 29:29
- c 1Kr 14:1
- d 2Sa 7:1-3; 1Kr 15:1; 2Kr 1:4
- e 2Sa 7:4-7; 1Kh 8:17-19; 1Kr 22:7, 8
- f Eks 40:2; Num 4:24, 25; 2Sa 6:17; Hu 78:60
- g 1Sa 16:11, 12; 1Sa 17:15; 1Sa 25:30; 2Sa 7:8-11; Hu 78:70, 71

zoba nawe nomaphi lapho
uya khona,[a] ngizoziqeda* zo-
nke izitha zakho phambi kwa-
kho;[b] ngizokwenza igama lakho
libe likhulu njengegama laba-
ntu abayizikhulu emhlabeni.[c]
9 Ngizokhethela abantu bami
u-Israyeli indawo ngibahlalise
kuyo, bazohlala lapho banga-
phinde baphazanyiswe; abantu
ababi ngeke baphinde baba-
hluphe njengasesikhathini esi-
dlule,[d] 10 kusukela ngosuku
engabeka ngalo abahluleli phe-
zu kwabantu bami u-Israye-
li.[e] Ngizozinqoba zonke izitha
zakho.[f] Futhi ngiyakutshela,
'UJehova uzokwakhela indlu.'

11 "'"Lapho izinsuku zakho
seziphelile, wena usungcwa-
tshwe kanye nokhokho bakho,
ngiyovusa inzalo* yakho nge-
mva kwakho, enye yamadoda-
na akho,[g] ngiyobumisa bu-
qine ubukhosi bayo.[h] 12 Yiyo
eyongakhela indlu,[i] ngiyosi-
misa siqine isihlalo sayo so-
bukhosi kuze kube phaka-
de.[j] 13 Ngiyoba uyise, yona
ibe indodana yami.[k] Ngeke ngi-
lususe uthando lwami oluqo-
tho kuyo[l] ngendlela engalusu-
sa ngayo kulowo owayengapha-
mbi kwakho.[m] 14 Ngiyoyenza
ime endlini yami nasebukhosi-
ni bami kuze kube phakade,[n]
isihlalo sayo sobukhosi siyoma
kuze kube phakade."'"[o]

15 UNathani watshela uDa-
vide wonke la mazwi nawo wo-
nke lo mbono.

16 INkosi uDavide yangena
yahlala phansi phambi kuka-
Jehova, yathi: "Ngibe ngingu-
bani mina, Jehova Nkulunku-
lu? Ube uyini nje umndeni
wami ukuba ungaze ungenze-
le zonke lezi zinto?[p] 17 Nje-
ngokungathi lokhu akwanele,
Nkulunkulu, uphinde ukhulu-
me ngendlu yenceku yakho
kuze kufike esikhathini esi-
zayo esikude,[a] futhi ungibhe-
ke njengokungathi ngingumu-
ntu okufanele aphakanyiswe
nakakhulu, Jehova Nkulunku-
lu. 18 Yini enye inceku yakho
uDavide engayisho kuwe ngo-
dumo enginikwe lona njengo-
ba uyazi kahle kangaka inceku
yakho?[b] 19 O Jehova, ngenxa
yenceku yakho nangokuvume-
lana nenhliziyo* yakho, wenze
zonke lezi zinto ezinkulu ngo-
kwambula ubukhulu bakho.[c]
20 Akekho onjengawe Jeho-
va,[d] akukho Nkulunkulu nga-
phandle kwakho;[e] konke esi-
kuzwe ngezindlebe zethu ku-
yakufakazela lokhu. 21 Yisi-
phi esinye isizwe emhlabeni
esinjengabantu bakho u-Israye-
li?[f] UNkulunkulu weqiniso wa-
hamba wasikhulula ukuze sibe
abantu bakhe.[g] Uzenzele igama
ngezenzo zakho ezinkulu ne-
zimangalisayo,[h] ngokuxosha
izizwe phambi kwabantu ba-
kho[i] owabakhulula eGibhithe.
22 Wenza abantu bakho u-Isra-
yeli baba yisizwe sakho phaka-
de;[j] wena Jehova waba uNkulu-
nkulu wabo.[k] 23 Manje Jeho-
va, kwangathi isithembiso ose-
nzile ngokuphathelene nence-
ku yakho nendlu yayo singa-
gcwaliseka kuze kube phakade,
kwangathi ungenza njengoba
nje uthembisile.[l] 24 Kwanga-
thi igama lakho lingaqhubeka
likhona* futhi liphakanyiswe[m]
kuze kube phakade, ukuze
abantu bathi, 'UJehova wama-
butho, uNkulunkulu ka-Israye-
li, unguNkulunkulu ku-Israyeli,'
futhi kwangathi indlu yence-
ku yakho uDavide ingama iqine
phambi kwakho.[n] 25 Ngoba

17:8 *NgesiHebheru, "ngizozinquma." 17:11 *NgesiHebheru, "imbewu."

17:19 *Noma, "nentando." 17:24 *Noma, "lingaba elithembekile."

ISAHL. 17
a 1Sa 18:14; 2Sa 8:6
b 1Sa 25:29; 1Sa 26:10; Hu 89:20, 22
c 1Sa 18:30
d Eks 2:23
e Hlu 2:16
f Hu 18:40
g 1Kh 8:20; Hu 132:11
h 2Sa 7:12-17; 1Kh 9:5; 1Kr 28:5; Jer 23:5
i 1Kh 5:5; 1Kr 22:10
j Hu 89:3, 4; Isay 9:7; Dan 2:44
k 2Sa 7:14; Luk 9:35; Heb 1:5
l Isay 55:3
m 1Sa 15:24, 28; 1Kr 10:13, 14
n Dan 2:44; Joh 1:49; 2Pe 1:11
o Hu 89:36; Jer 33:20, 21; Luk 1:32, 33; Heb 1:8; IsA 3:21
p 2Sa 7:8; 2Sa 7:18-20

Uhla 2
a Mat 22:42; IzE 13:34; IsA 22:16
b Hu 139:1
c 2Sa 7:21-24
d Eks 15:11
e Isay 43:10
f Dut 4:7; Hu 147:20
g Eks 19:5; Hu 77:15
h Dut 4:34; Neh 9:10; Isay 63:12; Hez 20:9
i Dut 7:1; Jos 10:42; Jos 21:44
j 1Sa 12:22
k Gen 17:7; Dut 7:6, 9
l 2Sa 7:25-29
m 2Kr 6:33; Hu 72:19; Mat 6:9; Joh 12:28
n Hu 89:35, 36

wena, Nkulunkulu wami, we-
mbulele inceku yakho injongo
yokuyakhela indlu. Yingakho
inceku yakho ineqholo lokusho
lo mthandazo kuwe. **26** Manje
Jehova, wena unguNkulunkulu
weqiniso, uthembise lezi zinto
ezinhle ngokuphathelene ne-
nceku yakho. **27** Ngakho kwa-
ngathi kungakujabulisa ukubu-
sisa indlu yenceku yakho, kwa-
ngathi ingahlale iphambi kwa-
kho kuze kube phakade, ngo-
ba wena Jehova uyibusisile, fu-
thi ibusisekile kuze kube pha-
kade."

**18** Kamuva, uDavide walwa
namaFilisti wawanqoba,
wathatha iGati[a] namadolobha
angaphansi kwalo* esandleni
samaFilisti.[b] **2** Ngemva kwa-
lokho wanqoba uMowabi,[c] aba-
kwaMowabi baba yizinceku zi-
kaDavide, bakhokha intela.[d]

**3** UDavide wanqoba uHada-
dezeri inkosi[e] yaseZoba[f] edu-
ze kweHamati[g] njengoba ayese-
ndleleni eyomisa igunya lakhe
eMfuleni i-Ewufrathe.[h] **4** UDa-
vide wathumba kuye izinqola
ezingu-1 000, abagibeli bama-
hhashi abangu-7 000 namaso-
sha ahamba ngezinyawo angu-
20 000.[i] UDavide wabe esewa-
nquma imisipha wonke ama-
hhashi ezinqola zempi, washi-
ya angu-100 kuphela.[j] **5** Lapho
amaSiriya aseDamaseku efi-
ka ezosiza uHadadezeri inko-
si yaseZoba, uDavide wabu-
lala amaSiriya angu-22 000.[k]
**6** Ngemva kwalokho, uDavide
wabeka ibutho lamasosha eSi-
riya laseDamaseku, amaSiri-
ya aba yizinceku zikaDavide,
akhokha intela. UJehova wasi-
za uDavide wanqoba* nomaphi
lapho ayeya khona.[l] **7** Nga-
phezu kwalokho, uDavide wa-
thatha amahawu egolide ayi-
ndilinga ezincekwini zikaHada-
dezeri wawaletha eJerusalema.
**8** UDavide wathatha ithusi eli-
ningi kakhulu eThibhati nase-
Khuni, amadolobha kaHadade-
zeri. USolomoni wenza ngalo
uLwandle lwethusi,[a] izinsika ne-
zinto zethusi.[b]

**9** Lapho uThowu inkosi ya-
seHamati ezwa ukuthi uDavi-
de wayelinqobe lonke ibutho
likaHadadezeri[c] inkosi yaseZo-
ba,[d] **10** ngokushesha wathu-
mela uHadoramu indodana ya-
khe eNkosini uDavide ukuba
ayobuza ngenhlalakahle yayo
nokuba ayihalalisele ngokuthi
yayilwe noHadadezeri yamnqo-
ba (ngoba uHadadezeri waye-
vame ukulwa noThowu), futhi
wafika nazo zonke izinhlobo
zezinto zegolide, zesiliva neze-
thusi. **11** INkosi uDavide yazi-
ngcwelisela uJehova lezi zinto[e]
kanye nesiliva negolide eyayili-
thathe kuzo zonke izizwe: kwa-
Edomi nakwaMowabi, kuma-
Amoni,[f] kumaFilisti[g] nakuma-
Amaleki.[h]

**12** U-Abhishayi[i] indodana
kaZeruya[j] wabulala abakwa-
Edomi abangu-18 000 eSigodini
Sikasawoti.[k] **13** Wabeka ama-
butho azoqapha kwa-Edomi,
bonke abakwa-Edomi baba yizi-
nceku zikaDavide.[l] UJehova
wasiza uDavide wanqoba* no-
maphi lapho ayeya khona.[m]
**14** UDavide waqhubeka ebu-
sa phezu kwawo wonke
u-Israyeli,[n] ebusa bonke aba-
ntu bakhe ngobulungisa na-
ngokulunga.[o] **15** UJowabe
indodana kaZeruya wayephe-
the ibutho,[p] uJehoshafati[q] indo-
dana ka-Ahiludi engumgcini-mi-
bhalo, **16** uZadoki indodana
ka-Ahithubi no-Ahimeleki indo-
dana ka-Abhiyathara babenga-
bapristi, uShavisha engunobha-

ISAHL. 18
a 1Sa 5:8; 2Sa 1:20
b 2Sa 8:1
c Num 24:17; Hu 60:8
d 2Sa 8:2; 2Kh 3:4
e 1Kh 11:23
f 1Sa 14:47; 2Sa 10:6; Hu 60:0
g 2Kr 8:3
h Gen 15:18; Eks 23:31; 2Sa 8:3, 4
i Hu 20:7
j Dut 17:16; Hu 33:17
k 2Sa 8:5-8
l 1Kr 17:8

Uhla 2
a 1Kh 7:23
b 1Kh 7:15, 45
c 2Sa 8:3
d 2Sa 8:9-11
e Jos 6:19; 2Kr 5:1
f 1Kr 20:1
g 2Sa 5:25
h 1Sa 27:8, 9; 1Sa 30:18, 20
i 1Sa 26:6; 2Sa 3:30; 2Sa 10:10; 2Sa 20:6; 2Sa 21:17
j 1Kr 2:15, 16
k 2Sa 8:13, 14
l Gen 25:23; Gen 27:40
m Hu 18:48; Hu 144:10
n 1Kh 2:11
o 2Sa 8:15-18; 2Sa 23:3, 4; Hu 78:70-72
p 1Kr 11:6
q 1Kh 4:3

**18:1** *Noma, "alizungezile." **18:6, 13** *Noma, "wanika uDavide insindiso."

la. **17** UBhenaya indodana kaJehoyada wayengamele amaKhereti[a] namaPheleti.[b] Amadodana kaDavide ayelandela inkosi ngobukhulu.*

**19** Kamuva uNahashi inkosi yama-Amoni washona, indodana yakhe yabusa esikhundleni sakhe.[c] **2** UDavide wathi: "Ngizombonisa uthando oluqotho[d] uHanuni indodana kaNahashi ngoba uyise wangibonisa uthando oluqotho." Ngakho uDavide wathumela izithunywa ukuba ziyomduduza ngenxa yokushona kukayise. Kodwa lapho izinceku zikaDavide zifika ezweni lama-Amoni[e] zizoduduza uHanuni, **3** izikhulu zama-Amoni zathi kuHanuni: "Ucabanga ukuthi uDavide udumisa uyihlo ngokuthumela abantu abazokududuza? Akukhona yini ukuthi izinceku zakhe zize kuwe ngoba efuna ukwenza uphenyo ezweni, alihlolisise futhi akugumbuqele?" **4** Ngakho uHanuni wathatha izinceku zikaDavide wazishefa izintshebe,[f] wasika izingubo zazo ukusuka ezinqeni kwehle, wayesezidedela zahamba. **5** Lapho uDavide etshelwa ngala madoda, ngaso leso sikhathi wathumela abanye ukuba bayowahlangabeza, ngoba ayelulazeke kakhulu; inkosi yathi kuwo: "Hlalani eJeriko[g] zize zikhule izintshebe zenu, bese niyabuya."

**6** Ngokuhamba kwesikhathi ama-Amoni abona ukuthi uDavide wayesewazonda, ngakho uHanuni nama-Amoni bathumela amathalenta* esiliva angu-1 000 ukuze baqashe izinqola nabagibeli bamahhashi eMesophothamiya,* e-Aramumahakha naseZoba.[a] **7** Ngakho baqasha izinqola ezingu-32 000, kanye nenkosi yaseMahakha nabantu bayo. Beza bagxumeka amatende phambi kwaseMedeba.[b] Ama-Amoni ahlangana ndawonye evela emadolobheni awo aya empini.

**8** Lapho uDavide ezwa ngalokho, wathumela uJowabe[c] nalo lonke ibutho kanye namaqhawe akhe anamandla.[d] **9** Ama-Amoni aphuma alungela impi phambi kwesango ledolobha kuyilapho amakhosi ayezile ayewodwa esigangeni.

**10** Lapho uJowabe ebona ukuthi impi yayimqhamukela ngaphambili nangemuva, wakhetha abathile emasosheni angamaqhawe kwa-Israyeli wabahlela ukuba bayolwa namaSiriya.[e] **11** Wonke amanye amadoda wawabeka ngaphansi* kuka-Abhishayi umfowabo,[f] ukuze awahlelele ukuyolwa nama-Amoni. **12** Wabe esethi: "Uma amaSiriya[g] engidonsisa kanzima, kumele uze uzongisiza; kodwa uma ama-Amoni ekudonsisa kanzima, ngizokusiza. **13** Kumele siqine sibe nesibindi[h] ngenxa yabantu bakithi nangenxa yamadolobha kaNkulunkulu wethu, uJehova uzokwenza okuhle emehlweni akhe."

**14** UJowabe namadoda ayekanye naye basondela balwa namaSiriya, amaSiriya ambalekela.[i] **15** Lapho ama-Amoni ebona ukuthi amaSiriya abalekile, nawo ambalekela u-Abhishayi umfowabo, angena edolobheni. Ngemva kwalokho uJowabe weza eJerusalema.

ISAHL. 18
a 1Sa 30:14; Zef 2:5
b 1Kh 1:38

ISAHL. 19
c 2Sa 10:1-5
d 2Sa 9:7
e Gen 19:36, 38
f Lev 19:27
g 1Kh 16:34

Uhla 2
a 1Sa 14:47; 2Sa 8:3; 2Sa 10:6
b Jos 13:8, 9
c 2Sa 8:16
d 2Sa 10:7, 8; 2Sa 23:8
e 2Sa 10:9-12
f 1Kr 11:20, 21
g 2Sa 8:5
h Dut 31:6; Jos 1:9
i Lev 26:7, 8; Dut 28:7; 2Sa 10:13, 14

18:17 *Okuwukuthi, yinkosi kuphela eyayinegunya elingaphezu kwelawo. 19:6 *Ithalenta lalilingana no-34,2 kg. Bheka iSithasiselo B14.

19:6 *NgesiHebheru, "e-Aramunaharayimi." 19:11 *NgesiHebheru, "esandleni."

**16** Lapho amaSiriya ebo-
na ukuthi u-Israyeli uwahlulile,
athumela izithunywa ukuba zi-
yobiza amaSiriya ayehlala nga-
seMfuleni,*[a] kanye noShofaki
induna yebutho likaHadadezeri
owayewahola.[b]
**17** Lapho uDavide ethola
umbiko, ngokushesha wahla-
nganisa wonke u-Israyeli wa-
wela iJordani waya kuwo, wa-
lungela ukulwa nawo. UDa-
vide walungela impi uku-
ze abhekane namaSiriya futhi
alwa naye.[c] **18** Kodwa amaSi-
riya ambalekela u-Israyeli; uDa-
vide wabulala abashayeli bezi-
nqola abangu-7 000 namasosha
ahamba ngezinyawo amaSiriya
angu-40 000, wabulala noSho-
faki induna yebutho. **19** La-
pho izinceku zikaHadadezeri
zibona ukuthi u-Israyeli uzihlu-
lile,[d] ngokushesha zenza uku-
thula noDavide zaba ngapha-
nsi kwakhe;[e] iSiriya alibange
lisafuna ukuphinde lisize ama-
Amoni.

**20** Ekuqaleni konyaka,* nge-
sikhathi amakhosi aya
ngaso emikhankasweni yempi,
uJowabe[f] wahola amabutho
alwayo, waqothula izwe lama-
Amoni; weza wavimbezela iRa-
ba,[g] ngesikhathi uDavide ehleli
eJerusalema.[h] UJowabe wahla-
sela iRaba walibhidliza.[i]
**2** Ngemva kwalokho uDavide
wathatha umqhele kaMalikamu
owawusekhanda lakhe, watho-
la ukuthi isisindo sawo si-
yithalenta* legolide futhi kuwo
kwakukhona amatshe ayigu-
gu; lo mqhele wabekwa ekha-
nda likaDavide. Wathatha ne-
mpahla eningi kulelo dolobha.[j]
**3** Wakhipha abantu ababeku-
lo, wabanika umsebenzi[a] woku-
sika amatshe nowokusebenza
ngamathuluzi abukhali ensimbi
nangezimbazo. Yilokho uDavi-
de akwenza kuwo wonke ama-
dolobha ama-Amoni. Ekugcine-
ni uDavide nawo wonke amaso-
sha babuyela eJerusalema.
**4** Ngemva kwalokho kwaba
nempi eGezeri kulwa ama-Isra-
yeli namaFilisti. Ngaleso sikha-
thi uSibhekayi[b] umHusha wabu-
lala uSiphayi owayezalwa ama-
Refa,[c] amaFilisti anqotshwa.
**5** Kwaphinde kwaba nempi
namaFilisti, u-Elihanani indo-
dana kaJayire wabulala uLahi-
mi umfowabo kaGoliyati[d] um-
Giti, owayenomkhonto onom-
phini onjengogodo lohlaka lo-
kweluka indwangu.[e]
**6** Kwaphinde kwaba nenye
impi eGati,[f] lapho kwakunendo-
da ende ngendlela engavamile,[g]
eneminwe eyisithupha esandle-
ni ngasinye nezinzwane eziyisi-
thupha onyaweni ngalunye, se-
kukonke kungu-24; nayo futhi
yayizalwa amaRefa.[h] **7** Yayilo-
khu ichukuluza[i] u-Israyeli. Nge-
nxa yalokho uJonathani indo-
dana kaShimeya,[j] umfowabo
kaDavide, wayibulala.
**8** Laba babezalwa amaRefa[k]
eGati,[l] uDavide nezinceku za-
khe bababulala.

**21** USathane* wamelana no-
Israyeli wenza ukuba
uDavide abale u-Israyeli.[m]
**2** Ngakho uDavide wathi kuJo-
wabe[n] nasezinduneni zabantu:
"Hamba, ubale u-Israyeli kusu-
kela eBheri-sheba kuya kwa-
Dani;[o] ubuye uzongibikela uku-
ze ngazi inani lakhe." **3** Ko-
dwa uJowabe wathi: "Kwanga-
thi uJehova angandisa abantu
bakhe ngokuphindwe izikhathi
eziyikhulu! O nkosi yami, bo-

**19:16** *Okuwukuthi, i-Ewufrathe. **20:1** *Okuwukuthi, entwasahlobo. **20:2** *Cishe ithalenta lalingu-34,2 kg. Bheka iSithasiselo B14.

**21:1** *Noma kungaba, "Umphikisi."

ISAHL. 19
*a* 2Sa 8:3
*b* 2Sa 10:15, 16
*c* 2Sa 10:17-19
*d* Hu 18:39
*e* 1Kr 14:17 Hu 18:44

ISAHL. 20
*f* 1Kr 11:6
*g* Dut 3:11
*h* 2Sa 11:1
*i* 2Sa 12:26
*j* 2Sa 8:11, 12 2Sa 12:30, 31

Uhla 2
*a* 1Kh 9:20, 21
*b* 2Sa 21:18 1Kr 11:26, 29
*c* Dut 3:13
*d* 1Sa 17:4, 7 1Sa 21:9
*e* 2Sa 21:19 1Kr 11:23, 24
*f* Jos 11:22 1Sa 7:14
*g* Num 13:33 Dut 2:10 Dut 3:11
*h* 2Sa 21:16 2Sa 21:20-22
*i* 1Sa 17:10 2Kh 19:22
*j* 1Kr 2:13
*k* Dut 2:11
*l* 1Sa 17:4

ISAHL. 21
*m* 2Sa 24:1-3
*n* 2Sa 8:16
*o* Hlu 18:29 2Sa 17:11

nke abazona yini izinceku ze-
nkosi yami? Kungani inkosi
yami ifuna ukwenza lokhu? Ku-
ngani kufanele ibe imbangela
yecala ku-Israyeli?”
**4** Kodwa izwi lenkosi laba
namandla kunelikaJowabe.
Ngakho uJowabe waphuma wa-
hamba kulo lonke elakwa-Isra-
yeli, okwathi ngemva kwalokho
wafika eJerusalema.[a] **5** UJo-
wabe wabe esenika uDavide
inani labantu ababebhalisiwe.
Wonke u-Israyeli wayenamado-
da angu-1 100 000 ahlome nge-
zinkemba, uJuda enamadoda
angu-470 000 ahlome ngezinke-
mba.[b] **6** Kodwa isizwe sakwa-
Levi nesakwaBhenjamini azi-
bhaliswanga,[c] ngoba izwi le-
nkosi lalinengeka kuJowabe.[d]
**7** Lokho okwenzeka kwa-
mdumaza kakhulu uNkulunku-
lu weqiniso, ngakho wamjezi-
sa u-Israyeli. **8** UDavide wabe
esethi kuNkulunkulu weqini-
so: “Ngone[e] kakhulu ngalo-
khu engikwenzile. Manje ngice-
la uthethelele isiphambeko[f] se-
nceku yakho, ngoba ngenze
ubuwula obukhulu.”[g] **9** UJe-
hova wakhuluma noGadi,[h]
umboni kaDavide wemibono,
wathi: **10** “Hamba, uthi kuDa-
vide, ‘Yilokhu uJehova aku-
shoyo: “Ngikukhethisa phaka-
thi kwezinto ezintathu. Khe-
tha eyodwa okufanele ngiyile-
the kuwe.”’” **11** Ngakho uGa-
di waya kuDavide wafike wa-
thi: “Yilokhu uJehova akusho-
yo, ‘Khetha **12** phakathi koku-
thi kube khona indlala imi-
nyaka emithathu,[i] noma uku-
ba ukhukhulwe abaphikisi ba-
kho izinyanga ezintathu ku-
yilapho utholwa yinkemba
yezitha zakho,[j] noma kube ne-
zinsuku ezintathu zenkemba
kaJehova—isifo esiwumshaya-
bhuqe ezweni[k]—ingelosi kaJe-
hova iletha imbubhiso[a] kuyo
yonke indawo yakwa-Israye-
li.’ Manje cabanga ngokuthi
kufanele ngimphendule ngithi-
ni Lowo ongithumile.” **13** Nga-
kho uDavide wathi kuGadi: “Ku-
buhlungu kakhulu kimi. Ngiya-
cela, mangiwele esandleni sika-
Jehova, ngoba isihe sakhe si-
khulu kakhulu;[b] kodwa mangi-
ngaweli esandleni somuntu.”[c]
**14** UJehova wabe eseletha
isifo esiwumshayabhuqe[d] kwa-
Israyeli, kangangokuthi kwa-
fa abantu abangu-70 000 kwa-
Israyeli.[e] **15** Ngaphezu kwalo-
kho, uNkulunkulu weqiniso wa-
thumela ingelosi eJerusalema
ukuba ilibhubhise; kodwa la-
pho nje isizoqala, uJehova wa-
yibona, wadabuka ngenxa yale
nhlekelele,[f] wathi engelosini
eyayiletha imbubhiso: “Sekwa-
nele![g] Yehlisa isandla sakho
manje.” Ingelosi kaJehova ya-
yimi eduze kwesibuya sika-
Orinani[h] umJebusi.[i]
**16** Lapho uDavide ephaka-
misa amehlo akhe, wabona
ingelosi kaJehova imi phaka-
thi komhlaba namazulu iphe-
the inkemba[j] yelulelwe ngase-
Jerusalema. UDavide namado-
da amadala, bezimboze nge-
ndwangu yesaka,[k] bakhothama
emhlabathini ngaso leso sikha-
thi ubuso babo bubheke pha-
nsi.[l] **17** UDavide wathi ku-
Nkulunkulu weqiniso: “Akumi-
na yini owathi makubalwe aba-
ntu? Yimi owonile, yimi owe-
nze iphutha;[m] kodwa lezi zimvu
—zenzeni? O Jehova Nkulunku-
lu wami, ngiyacela, isandla sa-
kho masimelane nami nendlu
kababa; kodwa ungasilethi lesi
sishayo kubantu bakho.”[n]
**18** Ingelosi kaJehova ya-
tshela uGadi[o] ukuba atshe-
le uDavide ukuthi akakhu-
phuke ayokwakhela uJehova

**ISAHL. 21**
a 2Sa 24:4, 8
b 2Sa 24:9
c Num 1:47
d 1Kr 27:23, 24
e 2Sa 12:13
f Hu 25:11; Hu 51:1
g 2Sa 24:10-14
h 1Kr 29:29
i Lev 26:26
j Lev 26:14, 17
k Lev 26:25

**Uhla 2**
a 2Kh 19:35
b Eks 34:6; Hu 51:1; Isay 55:7; IsiL 3:22
c 2Kr 28:9
d Num 16:46
e 2Sa 24:15, 16
f Eks 32:14; Dut 32:36
g Hu 90:13
h 2Kr 3:1
i 2Sa 5:6
j Num 22:31; Jos 5:13
k 2Kh 19:1
l 2Sa 24:17
m Hu 51:4
n Eks 32:12; Num 16:22
o 2Sa 24:11

i-altare esibuyeni sika-Orinani
umJebusi.[a] 19 Ngakho uDavi-
de wakhuphuka ngokuvumela-
na nezwi uJehova ayelikhulu-
me ngomprofethi wakhe uGadi.
20 Phakathi naleso sikhathi,
u-Orinani waphenduka wabo-
na ingelosi, amadodana akhe
amane ayekanye naye acasha.
U-Orinani wayekade ebhula
ukolweni. 21 Lapho uDavide
efika kuye, u-Orinani wapha-
kamisa amehlo wabona uDavi-
de, masinyane waphuma esibu-
yeni wakhothama phambi ku-
kaDavide ubuso bakhe bubhe-
ke phansi. 22 UDavide wa-
thi ku-Orinani: "Ngithengise-
le* indawo yalesi sibuya, uku-
ze ngakhele uJehova i-altare
kuyo. Ngithengisele yona nge-
mali egcwele ukuze isishayo
esihlasele abantu sinqamuke."[b]
23 Kodwa u-Orinani wathi ku-
Davide: "Zithathele yona, inko-
si yami mayenze lokho oku-
bonakala kukuhle kuyo.* Mina,
ngikhipha izinkomo zeminikelo
eshiswayo, isihlibhi sokubhu-
la[c] ukuze sibe izinkuni zokuba-
sa kanye nokolweni ukuze ube
umnikelo wokudla okusanhla-
mvu. Konke ngiyakunikela."

24 Nokho, iNkosi uDavide
yathi ku-Orinani: "Cha, kumele
ngiyithenge ngemali egcwele,
ngoba ngeke ngithathe izinto
zakho ngizinike uJehova noma
nginikele imihlatshelo eshi-
swayo ngingakhokhanga lu-
tho."[d] 25 Ngakho uDavide wa-
nika u-Orinani amashekeli*
egolide angu-600 ukuze atho-
le indawo. 26 UDavide wama-
khela lapho uJehova i-altare,[e]
wanikela imihlatshelo eshiswa-
yo nemihlatshelo ehlanganye-
lwayo, wabiza uJehova, owabe
esemphendula ngomlilo[a] ove-
la emazulwini owehlela phezu
kwe-altare lomnikelo oshiswa-
yo. 27 UJehova wabe eseyala
ingelosi[b] ukuba ibuyisele inke-
mba yayo emgodleni wayo.
28 Ngaleso sikhathi, lapho
uDavide ebona ukuthi uJeho-
va wayemphendulile esibuyeni
sika-Orinani umJebusi, waqhu-
beka enza imihlatshelo lapho.
29 Nokho, itabernakele likaJe-
hova uMose ayelenze ehlane
ne-altare lomnikelo oshiswayo
ngaleso sikhathi kwakusenda-
weni ephakeme eGibheyoni.[c]
30 Kodwa uDavide wayenga-
kwazanga ukuya phambi kwalo
ukuyobuza uNkulunkulu, ngo-
ba wayethukile ngenxa yenke-
mba yengelosi kaJehova.

**22** UDavide wathi: "Lena yi-
ndlu kaJehova uNkulu-
nkulu weqiniso, futhi leli yi-
altare lika-Israyeli lomnikelo
oshiswayo."[d]

2 UDavide wabe esekhipha
umyalo othi makuqoqwe aba-
ntu abayizifiki[e] ababesezwe-
ni lakwa-Israyeli, wabenza baba
abasiki bamatshe ukuze bawa-
sike kahle alungele ukwakha
indlu kaNkulunkulu weqiniso.[f]
3 UDavide walungisa nensimbi
eningi ukuze kwenziwe izipiki-
li zeminyango yamasango nezi-
bopho, walungisa nethusi elini-
ngi kakhulu kangangokuba lali-
ngenakukalwa,[g] 4 nezingodo
zomsedari[h] ezingenakubalwa,
ngoba abaseSidoni[i] nabaseThi-
re[j] baletha izingodo zomse-
dari eziningi kakhulu kuDavi-
de. 5 UDavide wathi: "Indo-
dana yami uSolomoni isenca-
ne futhi isantula ulwazi,*[k] indlu
okumele yakhelwe uJehova ku-
mele ibe yinhle ngokwedlulele,[l]

**21:22** *NgesiHebheru, "Nginike." **21:23** *NgesiHebheru, "okuhle emehlweni ayo." **21:25** *Ishekeli lalilingana no-11,4 g. Bheka iSithasiselo B14.

**22:5** *Noma, "isentekenteke."

ISAHL. 21
a 2Sa 24:18-23
2Kr 3:1
b Num 25:8
c Isay 28:27
d 2Sa 24:24, 25
e Eks 20:25

Uhla 2
a Lev 9:23, 24
1Kh 18:38
2Kr 7:1
b 2Sa 24:16
Hu 103:20
c 1Kh 3:4
1Kr 16:39
2Kr 1:3

ISAHL. 22
d Dut 12:5, 6
2Sa 24:18
2Kr 3:1
e 1Kh 9:20, 21
2Kr 2:17, 18
f 1Kh 5:15, 17
1Kh 6:7
1Kh 7:9
g 1Kh 7:47
h 2Sa 5:11
i 1Kh 5:6, 8
j 2Kr 2:3
k 1Kh 3:7
l 2Kr 2:5

ukuze udumo nobuhle bayo[a]
kwaziwe kuwo wonke ama-
zwe.[b] Ngenxa yalokho ngizome-
nzela amalungiselelo." Ngakho
uDavide walungisa izinto ezini-
ngi kakhulu ngaphambi koku-
ba afe.

**6** Ngaphezu kwalokho, wabi-
za uSolomoni indodana ya-
khe, wamyala ukuba akhe-
le uJehova uNkulunkulu ka-
Israyeli indlu. **7** UDavide wa-
thi kuSolomoni indodana ya-
khe: "Kwakuyisifiso senhliziyo
yami ukwakhela igama likaJe-
hova uNkulunkulu wami indlu.[c]
**8** Kodwa izwi likaJehova lafi-
ka kimi lathi, 'Uchithe igazi eli-
ningi kakhulu, walwa nezimpi
ezinkulu. Ngeke ulakhele indlu
igama lami,[d] ngoba uchithe
igazi eliningi kakhulu emhla-
beni phambi kwami. **9** Bheka!
Uzoba nendodana[e] ezoba indo-
da yokuthula, ngiyoyinika uku-
phumula kuzo zonke izitha
zayo eziyizungezile,[f] ngoba iga-
ma layo kuyoba uSolomoni,*[g]
futhi ezinsukwini zayo ngiyoni-
ka u-Israyeli ukuthula nokuzo-
la.[h] **10** Yiyo eyokwakhela iga-
ma lami indlu.[i] Iyoba indodana
yami, mina ngibe uyise.[j] Ngiyo-
simisa siqine isihlalo sayo so-
bukhosi phezu kuka-Israyeli
kuze kube phakade.'[k]

**11** "Manje ndodana yami,
kwangathi uJehova angaba
nawe, uphumelele wakhe indlu
kaJehova uNkulunkulu wakho,
njengoba nje ekhulumile ngo-
kuphathelene nawe.[l] **12** Ku-
phela nje, kwangathi uJeho-
va angakunika ukukhali-
pha nokuqonda[m] lapho eku-
nika igunya phezu kuka-
Israyeli, ukuze ugcine um-
thetho kaJehova uNkulunku-
lu wakho.[a] **13** Khona-ke uyo-
phumelela uma uzigcina ngo-
kucophelela iziqondiso[b] neza-
hlulelo uJehova ayala uMo-
se ukuba azinike u-Israyeli.[c]
Yiba nesibindi, uqine. Ungesabi
noma wethuke.[d] **14** Ngikha-
ndleke kakhulu ngilungisela
indlu kaJehova amathalenta*
egolide angu-100 000 namatha-
lenta esiliva angu-1 000 000, ne-
thusi nensimbi[e] okuningi nge-
ndlela engenakukalwa, ngilu-
ngise nezingodo namatshe,[f] ko-
dwa wena uzonezela kukho.
**15** Kukhona izisebenzi ezini-
ngi kakhulu ezinawe—abasiki
bamatshe, abasebenza nge-
tshe,[g] abasebenza ngokhuni
nalo lonke uhlobo lwezisebenzi
ezinekhono.[h] **16** Igolide, isili-
va, ithusi nensimbi akunaku-
kalwa.[i] Sukuma uqale umsebe-
nzi, kwangathi uJehova anga-
ba nawe."[j]

**17** UDavide wabe eseyala
zonke izikhulu zakwa-Israyeli
ukuba zisize uSolomoni indo-
dana yakhe ethi: **18** "UJeho-
va uNkulunkulu wenu ake-
kho yini nani, futhi akanini-
kanga yini ukuphumula nxazo-
nke? Ngoba unikele kimi aba-
khile ezweni, futhi izwe li-
nqotshiwe phambi kukaJeho-
va naphambi kwabantu bakhe.
**19** Manje zimiseleni ngayo yo-
nke inhliziyo yenu nomphefu-
mulo* wenu ukuba nifune uJe-
hova uNkulunkulu wenu,[k] niqa-
le ukwakha indlu engcwele ka-
Jehova uNkulunkulu weqiniso,[l]
ukuze nilethe umphongolo we-
sivumelwano sikaJehova nezi-
nto ezingcwele zikaNkulunku-
lu weqiniso[m] endlini eyakhelwe
igama likaJehova."[n]

**22:9** *Lisuselwa egameni lesiHebheru elisho "Ukuthula."

**22:14** *Ithalenta lalilingana no-34,2 kg. Bheka iSithasiselo B14. **22:19** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

ISAHL. 22
- a Hag 2:3
- b Hu 68:29
- c Dut 12:5, 6; 2Sa 7:2; Hu 132:3-5
- d 1Kr 17:4
- e 1Kr 28:5
- f 2Sa 7:12, 13; 1Kh 4:25; 1Kh 5:4
- g 2Sa 12:24
- h Hu 72:7
- i 1Kh 5:5
- j 2Sa 7:14; Heb 1:5
- k 1Kr 17:12-14; Hu 89:35, 36
- l 1Kr 28:20
- m 2Kr 1:10; Hu 72:1

Uhla 2
- a Dut 4:6
- b Lev 19:37; 1Kr 28:7
- c Dut 12:1; Dut 17:18, 19; Jos 1:8; 1Kh 2:3; 1Kr 28:7; Hu 19:8, 11
- d Jos 1:6, 9; 1Kr 28:20
- e 1Kr 29:6, 7
- f 1Kr 29:2-4
- g 1Kh 5:17; 1Kh 6:7; 1Kh 7:9
- h 1Kh 7:13, 14
- i 1Kr 22:3
- j 2Kr 1:1
- k Dut 4:29; 2Kr 20:3; Dan 9:3
- l 1Kh 6:1
- m 1Kh 8:6, 21
- n Dut 12:21; 1Kh 8:29; 1Kh 9:3

**23** Lapho uDavide esemdala
futhi esezoshona,* wabe-
ka uSolomoni indodana yakhe
ukuba abe yinkosi kwa-Israye-
li.[a] **2** Wabe eseqoqa zonke izi-
khulu zakwa-Israyeli, abapristi[b]
namaLevi.[c] **3** Wonke amaLevi
ayeneminyaka engu-30 ubudala
kuya phezulu abalwa;[d] aye-
ngu-38 000. **4** Kuwo, ayengu-
24 000 ayengabaqondisi emse-
benzini wendlu kaJehova, ku-
nezikhulu nabahluleli[e] abangu-
6 000, **5** kwakukhona nabali-
ndisango[f] abangu-4 000, futhi
abangu-4 000 badumisa[g] uJeho-
va ngezinsimbi uDavide athi
ngazo, “Ngizenzele ukudumisa.”
**6** Ngemva kwalokho uDavi-
de wabahlela* baba izigaba[h]
ngokwamadodana kaLevi: uGe-
reshoni, uKohati noMerari.[i]
**7** KumaGereshoni kwakungu-
Ladani noShimeyi. **8** Amado-
dana kaLadani kwakunguJehi-
yeli indoda eyinhloko, uZe-
thamu noJoweli,[j] emathathu.
**9** Amadodana kaShimeyi kwa-
kunguShelomoti, uHaziyeli no-
Harana, emathathu. Lawa aye-
yizinhloko zemindeni yoyise
kaLadani. **10** Amadodana ka-
Shimeyi kwakunguJahati, uZi-
na, uJewushi noBeriya. Lawa
amane ayengamadodana ka-
Shimeyi. **11** UJahati wayeyi-
nhloko, uZizahi engowesibili.
Kodwa njengoba uJewushi no-
Beriya babengenawo amadoda-
na amaningi, babalwa baba um-
ndeni woyise owodwa, beno-
msebenzi owodwa.
**12** Amadodana kaKohati
kwakungu-Amramu, uJisiha-
ri,[k] uHebroni no-Uziyeli,[l] ema-
ne. **13** Amadodana ka-Amra-
mu kwakungu-Aroni[m] noMo-
se.[n] Kodwa u-Aroni wayehluka-
niselwe[a] ukungcwelisa iNgcwe-
lengcwele unomphela, yena
namadodana akhe, ukuba ani-
kele imihlatshelo phambi ku-
kaJehova, amkhonze, noku-
ba azimemezele njalo izibu-
siso egameni lakhe.[b] **14** Ngo-
kuqondene noMose umuntu ka-
Nkulunkulu weqiniso, ama-
dodana akhe aqanjwa ama-
gama phakathi kwesizwe sa-
maLevi. **15** Amadodana ka-
Mose kwakunguGereshomu[c]
no-Eliyezeri.[d] **16** Emadodane-
ni kaGereshomu kwakungu-
Shebuweli[e] inhloko. **17** Enza-
lweni* ka-Eliyezeri kwakungu-
Rehabhiya[f] inhloko; u-Eliyeze-
ri wayengenawo amanye ama-
dodana, kodwa amadodana ka-
Rehabhiya ayemaningi kakhu-
lu. **18** Emadodaneni kaJisiha-
ri[g] kwakunguShelomoti[h] indo-
da eyinhloko. **19** Amadoda-
na kaHebroni kwakunguJeri-
ya inhloko, u-Amariya engowe-
sibili, uJahaziyeli engowesitha-
thu, uJekameyamu[i] engowesi-
ne. **20** Amadodana ka-Uziyeli[j]
kwakunguMika inhloko, u-Ishi-
yahu engowesibili.
**21** Amadodana kaMerari
kwakunguMaheli noMushi.[k]
Amadodana kaMaheli kwa-
kungu-Eleyazare noKishi.
**22** U-Eleyazare washona, ko-
dwa wayengenawo amadoda-
na, wayenamadodakazi kuphe-
la. Ngakho amadodana kaKi-
shi, izihlobo zawo,* awathatha
aba abafazi bawo. **23** Amado-
dana kaMushi kwakunguMahe-
li, u-Edere noJeremoti, ema-
thathu.
**24** Lawa kwakungamadoda-
na kaLevi ngokwemindeni yo-
yise, izinhloko zemindeni yo-
yise, ngokwalabo ababebhalisi-
we, ababalwa futhi bafakwa

ISAHL. 23
a 1Kh 1:33, 39; 1Kr 28:5
b Eks 29:8, 9
c Num 3:6
d Num 4:2, 3
e Dut 16:18; 1Kr 26:29; 2Kr 19:8
f 1Kr 26:12
g 1Kr 6:31, 32
h 2Kr 8:14; 2Kr 31:2
i Eks 6:16
j 1Kr 26:21, 22
k Eks 6:21
l Eks 6:18
m Eks 4:14
n Eks 6:20, 26

Uhla 2
a Eks 28:1
b Lev 9:22; Num 6:23-27; Dut 21:5
c Eks 2:21, 22
d Eks 18:3, 4
e 1Kr 26:24
f 1Kr 26:25
g Num 3:27
h 1Kr 24:20, 22
i 1Kr 24:20, 23
j Eks 6:22
k Eks 6:19

**23:1** *NgesiHebheru, “esemdala futhi anelisiwe izinsuku.” **23:6** *Noma, “wabahlukanisa.”

**23:17** *NgesiHebheru, “Emadodaneni.”
**23:22** *NgesiHebheru, “abafowabo.”

ohlwini ngokwamagama abo,
ababenza inkonzo yendlu kaJe-
hova, kusukela kwabaneminya-
ka engu-20 ubudala kuya phe-
zulu. **25** Ngoba uDavide wa-
yethe: “UJehova uNkulunku-
lu ka-Israyeli unike abantu ba-
khe ukuphumula,[a] futhi uyo-
hlala eJerusalema kuze kube
phakade.[b] **26** AmaLevi ngeke
kusadingeka athwale itaber-
nakele nanoma yiziphi izinto
zalo zenkonzo yalo.”[c] **27** Ngo-
ba ngokweziyalezo zokugcina
zikaDavide, kwabalwa amaLe-
vi aneminyaka esukela kwe-
ngu-20 ubudala kuya phezu-
lu. **28** Umsebenzi wawo kwa-
kuwukusiza amadodana ka-
Aroni[d] ukuba enze inko-
nzo yendlu kaJehova, engame-
le amagceke,[e] amagumbi oku-
dlela, ukuhlanzwa kwazo zo-
nke izinto ezingcwele, nano-
ma yimuphi umsebenzi odinge-
kayo wenkonzo yendlu kaNku-
lunkulu weqiniso. **29** Ayesiza
ngezinkwa ezitakelene,*[f] ufula-
wa ocolekile womnikelo woku-
dla okusanhlamvu, izingcezwa-
na zesinkwa esingenamvube-
lo,[g] amakhekhe agazingiwe,
inhlama exoviwe[h] nangazo zo-
nke izilinganiso zenani nobu-
khulu. **30** Kwakufanele ame
njalo ekuseni[i] ukuze abonge fu-
thi adumise uJehova, nakusi-
hlwa ngokufanayo.[j] **31** Ayesi-
za noma nini lapho kunikelwa
imihlatshelo eshiswayo kuJe-
hova ngamaSabatha,[k] ngokwe-
thwasa kwenyanga[l] nangezi-
nkathi zemikhosi,[m] ngokwesi-
balo esifunekayo ngokomthe-
tho ngokuqondene nawo, lokho
ekwenza njalo phambi kukaJe-
hova. **32** Ayefeza nezibopho
zawo etendeni lokuhlangana,
endaweni engcwele nakubafo-
wabo amadodana ka-Aroni aye-
nza inkonzo yendlu kaJehova.

**24** Nazi izigaba zenzalo ka-
Aroni: Amadodana ka-
Aroni kwakunguNadabi, u-Abhi-
hu,[a] u-Eleyazare no-Itamari.[b]
**2** Nokho, uNadabi no-Abhihu
bafa ngaphambi kukayise[c] fu-
thi babengenawo amadodana;
kodwa u-Eleyazare[d] no-Itama-
ri baqhubeka bengabapristi.
**3** UDavide, kanye noZadoki[e]
emadodaneni ka-Eleyazare no-
Ahimeleki emadodaneni ka-Ita-
mari, bawahlukanisa ngeziga-
ba bewahlukanisela izikhu-
ndla zenkonzo yawo. **4** Nje-
ngoba amadodana ka-Eleyazare
ayenamadoda ayizinhloko ama-
ningi kunamadodana ka-Itama-
ri, bawahlukanisa ngendlela efa-
nele: Amadodana ka-Eleyazare
ayenezinhloko zemindeni yoyise
ezingu-16, amadodana ka-Itama-
ri wona enezinhloko zemindeni
yoyise ezingu-8.

**5** Ngaphezu kwalokho, ba-
wahlukanisa ngenkatho,[f] kwa-
ba iqembu nelinye iqembu,
ngoba kwakunezinduna zenda-
wo engcwele nezinduna zi-
kaNkulunkulu weqiniso ezive-
la emadodaneni ka-Eleyaza-
re nasemadodaneni ka-Itama-
ri. **6** UShemaya indodana ka-
Nethaneli unobhala wamaLevi
wabe esebhala amagama awo
phambi kwenkosi, izikhulu,
uZadoki umpristi,[g] u-Ahimele-
ki[h] indodana ka-Abhiyathara[i]
nezinhloko zemindeni yoyise
yabapristi neyamaLevi, u-Ele-
yazare wakhethelwa umndeni
owodwa woyise no-Itamari wa-
khethelwa owodwa.

**7** Inkatho yokuqala yaya ku-
Jehoyaribi; eyesibili kuJedaya,
**8** eyesithathu kuHarimi, eyesi-
ne kuSeyorimi, **9** eyesihlanu
kuMalikhiya, eyesithupha ku-
Mijamini, **10** eyesikhombisa

ISAHL. 23
a 2Sa 7:1
b 1Kh 8:12, 13; Hu 135:21
c Num 4:15
d Num 3:9
e 1Kh 6:36
f Lev 24:5, 6; 1Kr 9:32
g Eks 29:1, 2; Lev 2:4
h Lev 7:12
i Eks 29:39
j 1Kr 16:4, 37
k Eks 20:10
l Num 10:10; Hu 81:3
m Dut 16:16

Uhla 2

ISAHL. 24
a Lev 10:1
b Eks 6:23; Eks 28:1
c Num 26:61
d Num 16:39, 40
e 2Sa 8:17
f IzA 16:33
g 1Kh 2:35
h 2Sa 8:17
i 2Sa 19:11; 1Kh 1:5, 7

**23:29** *Okuwukuthi, isinkwa sokubu-kwa.

kuHakozi, eka-8 ku-Abhiya,[a] **11** eka-9 kuJeshuwa, eyeshumi kuShekaniya, **12** eka-11 ku-Eliyashibi, eka-12 kuJakimi, **13** eka-13 kuHupha, eka-14 kuJeshebheyabhu, **14** eka-15 kuBhiliga, eka-16 ku-Imeri, **15** eka-17 kuHeziri, eka-18 kuHaphizezi, **16** eka-19 kuPhethahiya, eka-20 kuJehezikeli, **17** eka-21 kuJakini, eka-22 kuGamuli, **18** eka-23 kuDelaya, eka-24 kuMahaziya.

**19** Lezi kwakuyizikhundla zenkonzo yawo,[b] lapho ayengena khona endlini kaJehova ngokwenqubo eyamiswa ukhokho wawo u-Aroni, njengoba nje uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli ayemyalile.

**20** KumaLevi ayesele: emadodaneni ka-Amramu[c] kwakukhona uShubayeli;[d] emadodaneni kaShubayeli kukhona uJehideya; **21** kuRehabhiya:[e] emadodaneni kaRehabhiya kukhona u-Ishiyahu inhloko; **22** kuma-Izihari, uShelomoti;[f] emadodaneni kaShelomoti kukhona uJahati; **23** emadodaneni kaHebroni kukhona uJeriya[g] inhloko, u-Amariya owesibili, uJahaziyeli owesithathu, uJekameyamu owesine; **24** emadodaneni ka-Uziyeli kukhona uMika; emadodaneni kaMika kukhona uShamiri. **25** Umfowabo kaMika kwakungu-Ishiyahu; emadodaneni ka-Ishiyahu kukhona uZakariya.

**26** Amadodana kaMerari[h] kwakunguMaheli noMushi; emadodaneni kaJahaziya kukhona uBheno. **27** Enzalweni kaMerari: uJahaziya wayenoBheno, uShohamu, uZakuri no-Ibhiri. **28** KuMaheli kukhona u-Eleyazare, owayengenawo amadodana;[i] **29** kuKishi: emadodaneni kaKishi kukhona uJeramiyeli; **30** amadodana kaMushi kwakunguMaheli, u-Edere noJerimoti.

Lawa kwakungamadodana kaLevi ngokwemindeni yoyise. **31** Nawo enza inkatho[a] njengoba nje kwenza abafowabo amadodana ka-Aroni phambi kweNkosi uDavide, uZadoki, u-Ahimeleki nezinhloko zemindeni yoyise yabapristi neyamaLevi. Ngokuqondene nemindeni yoyise, oyinhloko wayefana nomfowabo omncane.

**25** Ngaphezu kwalokho, uDavide nezinduna zamaqembu enkonzo bahlukanisa amanye amadodana ka-Asafa, uHemani noJeduthuni[b] ukuze baprofethe ngamahabhu, ngezinsimbi zomculo[c] ezinezintambo nangamasimbali.[d] Nalu uhlu lwamadoda ayizikhulu ale nkonzo, **2** emadodaneni ka-Asafa: uZakuri, uJosefa, uNethaniya no-Asharela, amadodana ka-Asafa ayeqondiswa u-Asafa, owayeprofetha eqondiswa inkosi. **3** KuJeduthuni,[e] amadodana kaJeduthuni: uGedaliya, uZeri, uJeshaya, uShimeyi, uHashabiya noMatithiya,[f] eyisithupha, eqondiswa uyise uJeduthuni, owayeprofetha ngehabhu, ebonga futhi edumisa uJehova.[g] **4** KuHemani,[h] amadodana kaHemani: uBhukiya, uMathaniya, u-Uziyeli, uShebuweli, uJerimoti, uHananiya, uHanana, u-Eliyatha, uGidaliti, uRomamiti-ezeri, uJoshibhekasha, uMaloti, uHothiri noMahaziyoti. **5** Wonke lawa kwakungamadodana kaHemani, umboni wemibono wenkosi ezindabeni eziphathelene noNkulunkulu weqiniso ukuze amkhazimulise;* ngakho uNkulunkulu weqiniso wanika uHemani amadodana

ISAHL. 24
a Luk 1:5
b 2Kh 11:9; Luk 1:8, 23
c Eks 6:18
d 1Kr 23:16; 1Kr 26:24
e 1Kr 23:17
f 1Kr 23:18
g 1Kr 26:31
h Gen 46:11
i 1Kr 23:22

Uhla 2
a IzA 16:33

ISAHL. 25
b 1Kr 16:41, 42; 2Kr 5:11, 12; 2Kr 35:15
c 1Sa 10:5
d 1Kr 15:16
e 1Kr 16:41, 42
f 1Kr 15:16, 18
g Efe 5:19
h 1Kr 15:16, 19

25:5 *NgesiHebheru, "aphakamise uphondo lwakhe."

angu-14 namadodakazi amatha-
thu. **6** Wonke lawa ayeqondi-
swa uyise ekuculeni endlini
kaJehova, ecula ngamasimba-
li, ngezinsimbi zomculo ezine-
zintambo nangamahabhu[a] uku-
ze enze inkonzo yendlu kaNku-
lunkulu weqiniso.

Ngaphansi kokuqondisa
kwenkosi kwakukhona u-Asa-
fa, uJeduthuni noHemani.

**7** Bona nabafowabo—sebe-
bonke babengu-288—babenga-
bahlabeleli abanekhono elihle
abaqeqeshelwe ukuculela uJe-
hova. **8** Ngakho bonke—aba-
ncane nabakhulu, ochwephe-
she kanye nabafundayo—bahlu-
kanisa imisebenzi yabo ngo-
kwenza inkatho.[b]

**9** Inkatho yokuqala eyaphu-
ma kwakungeyendodana ka-
Asafa uJosefa,[c] eyesibili ku-
ngekaGedaliya[d] (yena nabafo-
wabo namadodana akhe babe-
ngu-12); **10** eyesithathu kwa-
ba ekaZakuri,[e] amadodana
akhe nabafowabo, bengu-12;
**11** eyesine kwaba eka-Iziri,
amadodana akhe nabafowabo,
bengu-12; **12** eyesihlanu kwa-
ba ekaNethaniya,[f] amadoda-
na akhe nabafowabo, bengu-12;
**13** eyesithupha kwaba eka-
Bhukiya, amadodana akhe na-
bafowabo, bengu-12; **14** eye-
sikhombisa kwaba ekaJeshare-
la, amadodana akhe nabafowa-
bo, bengu-12; **15** eka-8 kwa-
ba ekaJeshaya, amadodana
akhe nabafowabo, bengu-12;
**16** eka-9 kwaba ekaMathani-
ya, amadodana akhe nabafo-
wabo, bengu-12; **17** eyeshumi
kwaba ekaShimeyi, amadoda-
na akhe nabafowabo, bengu-12;
**18** eka-11 kwaba eka-Azareli,
amadodana akhe nabafowabo,
bengu-12; **19** eka-12 kwaba
ekaHashabiya, amadodana
akhe nabafowabo, bengu-12;
**20** eka-13 kwaba ekaShubaye-
li,[a] amadodana akhe nabafowa-
bo, bengu-12; **21** eka-14 kwa-
ba ekaMatithiya, amadodana
akhe nabafowabo, bengu-12;
**22** eka-15 kwaba ekaJeremo-
ti, amadodana akhe nabafowa-
bo, bengu-12; **23** eka-16 kwa-
ba ekaHananiya, amadodana
akhe nabafowabo, bengu-12;
**24** eka-17 kwaba ekaJoshibhe-
kasha, amadodana akhe na-
bafowabo, bengu-12; **25** eka-
18 kwaba ekaHanana, amado-
dana akhe nabafowabo, be-
ngu-12; **26** eka-19 kwaba eka-
Maloti, amadodana akhe na-
bafowabo, bengu-12; **27** eka-
20 kwaba eka-Eliyatha, amado-
dana akhe nabafowabo, bengu-
12; **28** eka-21 kwaba ekaHo-
thiri, amadodana akhe nabafo-
wabo, bengu-12; **29** eka-22
kwaba ekaGidaliti,[b] amadoda-
na akhe nabafowabo, bengu-12;
**30** eka-23 kwaba ekaMahaziyo-
ti,[c] amadodana akhe nabafowa-
bo, bengu-12; **31** eka-24 kwa-
ba ekaRomamiti-ezeri,[d] amado-
dana akhe nabafowabo, be-
ngu-12.

**26** Izigaba zabalindisango[e]
zazimi kanje: kuma-
Khora, uMeshelemiya[f] indoda-
na kaKore wamadodana ka-
Asafa. **2** UMeshelemiya wa-
yenamadodana: UZakariya izi-
bulo, uJediyayeli eyesibili, uZe-
badiya eyesithathu, uJatini-
yeli eyesine, **3** u-Elamu eye-
sihlanu, uJehohanani eyesi-
thupha, u-Eliyeho-enayi eye-
sikhombisa. **4** U-Obede-edo-
mi waba namadodana: UShe-
maya izibulo, uJehozabhadi
eyesibili, uJowa eyesithathu,
uSakari eyesine, uNethaneli
eyesihlanu, **5** u-Amiyeli eyesi-
thupha, u-Isakare eyesikhombi-
sa noPhewuletayi eka-8; ngoba
uNkulunkulu wayembusisile.

ISAHL. 25
*a* 1Kr 13:8; 1Kr 15:16; 1Kr 16:5
*b* IzA 16:33
*c* 1Kr 25:1, 2
*d* 1Kr 25:1, 3
*e* 1Kr 25:1, 2
*f* 1Kr 25:1, 2

Uhla 2
*a* 1Kr 25:1, 4
*b* 1Kr 25:1, 4
*c* 1Kr 25:1, 4
*d* 1Kr 25:1, 4

ISAHL. 26
*e* 1Kr 9:2, 22; 2Kr 23:16, 19
*f* 1Kr 26:14, 19

**6** UShemaya indodana ya-
khe wazalelwa amadodana aye-
ngababusi bomndeni kayi-
se, ngoba ayengamadoda
anamandla nekhono lokwe-
nza izinto. **7** Amadodana ka-
Shemaya: u-Othini, uRefaye-
li, u-Obede no-Elizabadi; aba-
fowabo u-Elihu noSemakhi-
ya nabo babengamadoda ane-
khono lokwenza izinto. **8** Bo-
nke laba babeyinzalo ka-
Obede-edomi; bona nama-
dodana abo nabafowabo ba-
bengamadoda anekhono lo-
kwenza izinto nakufanelekela-
yo ukwenza inkonzo, babengu-
62 bengabaka-Obede-edomi.
**9** UMeshelemiya[a] waba nama-
dodana nabafowabo, amado-
da angu-18 anekhono lokwe-
nza izinto. **10** UHosa wama-
dodana kaMerari waba nama-
dodana. UShimri wayeyinhlo-
ko, ngoba nakuba ayengelona
izibulo, uyise wammisa njenge-
nhloko, **11** uHilikiya waye-
ngowesibili, uThebaliya engo-
wesithathu, uZakariya engowe-
sine. Wonke amadodana naba-
fowabo bakaHosa babengu-13.

**12** Kulezi zigaba zabalindi-
sango, amadoda ayizinhloko
ayenemisebenzi njengabafowa-
bo, ukukhonza endlini kaJe-
hova. **13** Ngakho benza inka-
tho,[b] imindeni emincane nemi-
khulu ngokwemindeni yoyi-
se, yenzelwa amasango ahlu-
kahlukene. **14** Inkatho yase-
mpumalanga yadla uShelemi-
ya. UZakariya indodana yakhe,
umeluleki onokuqonda, wenze-
lwa inkatho, inkatho yakhe ya-
phumela enyakatho. **15** Eka-
Obede-edomi yaba seningizi-
mu, amadodana akhe[c] abelwa
izinqolobane. **16** EkaShuphi-
mi noHosa[d] yaba sentshonala-
nga, eduze kweSango iShale-
keti ngasemgwaqweni omkhu-
lu onyukayo, iqembu lonoga-
da limaqondana neqembu lo-
nogada; **17** empumalanga
kwakukhona amaLevi ayisithu-
pha; enyakatho emane usu-
ku ngalunye, eningizimu ema-
ne usuku ngalunye; ezinqoloba-
neni,[a] engamabili; **18** kuvula-
ndi osentshonalanga, ayemane
emgwaqweni omkhulu,[b] ema-
bili kuvulandi. **19** Lezi kwa-
kuyizigaba zabalindisango za-
madodana amaKhora namaMe-
rari.

**20** Ngokuqondene namaLe-
vi, u-Ahiya wayengamele ingce-
bo yendlu kaNkulunkulu we-
qiniso nengcebo yezinto ezi-
ngcwelisiwe.*[c] **21** Amadoda-
na kaLadani: amadodana om-
Gereshoni angakaLadani, izi-
nhloko zemindeni yoyise zika-
Ladani umGereshoni, uJehiye-
la[d] **22** namadodana kaJehiye-
la, uZethamu noJoweli umfo-
wabo. Ayengamele ingcebo ye-
ndlu kaJehova.[e] **23** Kuma-
Amramu, ama-Izihari, amaHe-
broni, ama-Uziyeli,[f] **24** uShe-
buweli indodana kaGereshomu
indodana kaMose wayengu-
mholi owengamele izinqoloba-
ne. **25** Ngokuphathelene na-
bafowabo, ku-Eliyezeri,[g] kwa-
kukhona uRehabhiya[h] indo-
dana yakhe, uJeshaya indo-
dana yakhe, uJoramu indodana
yakhe, uZikiri indodana yakhe
noShelomoti indodana yakhe.
**26** Lo Shelomoti nabafowabo
babengamele yonke ingcebo
yezinto ezingcwelisiwe,[i] lezo
iNkosi uDavide,[j] izinhloko ze-
mindeni yoyise,[k] izinduna zezi-
nkulungwane nezamakhulu ne-
zinduna zebutho, ababezenze
zaba ngcwele. **27** Kokuvela
ezimpini[l] nasezintweni eziphа-
ngiwe,[m] babenze izinto zaba

**ISAHL. 26**
*a* 1Kr 26:14, 19
*b* IzA 16:33
*c* 1Kr 26:4, 5
*d* 1Kr 26:10, 11

**Uhla 2**
*a* 1Kr 26:15
*b* 1Kr 26:16
*c* 1Kh 7:51
1Kh 14:25, 26
1Kr 9:26
1Kr 18:10, 11
*d* 1Kr 29:8
*e* 1Kh 15:18
*f* Num 3:27
*g* Eks 18:3, 4
*h* 1Kr 23:17
*i* Num 31:50
1Kr 18:10, 11
*j* 1Kr 29:3, 4
*k* 1Kr 29:6, 7
*l* Jos 6:19
*m* Num 31:28

**26:20** *Noma, "ezinikelwe."

ngcwele ukuze indlu kaJeho-
va igcinwe isesimweni esihle;
**28** nakho konke lokho uSamu-
weli umboni wemibono,[a] uSa-
wule indodana kaKishi, u-Abhi-
neri[b] indodana kaNeri noJowa-
be[c] indodana kaZeruya[d] ababe-
kwenze kwaba ngcwele. Noma
yini umuntu ayeyenze yaba
ngcwele yayinakekelwa uShe-
lomiti nabafowabo.
**29** Kuma-Izihari,[e] uKhenani-
ya namadodana akhe baba-
belwe umsebenzi ongaphandle
kowokuqondisa njengezikhulu
nabahluleli[f] phezu kuka-Isra-
yeli.
**30** KumaHebroni,[g] uHasha-
biya nabafowabo, amadoda
anekhono lokwenza izinto
angu-1 700, babengamele uku-
qondiswa kuka-Israyeli esifu-
ndeni esisentshonalanga yeJo-
rdani kuwo wonke umsebenzi
kaJehova nasenkonzweni ye-
nkosi. **31** KumaHebroni, uJe-
rija[h] wayeyinhloko yamaHebro-
ni ngokohlu lozalo lweminde-
ni yoyise. Ngonyaka ka-40
wobukhosi bukaDavide,[i] kwa-
funwa amadoda angamaqhawe
nanamandla phakathi kwawo,
atholakala eJazeri[j] eGileyadi.
**32** Abafowabo babengamado-
da anekhono lokwenza izinto
angu-2 700, izinhloko zeminde-
ni yoyise. Ngakho iNkosi uDa-
vide yababela ukuba bengame-
le abakwaRubeni, abakwaGadi
nohhafu wesizwe sakwaMana-
se, kuzo zonke izindaba zika-
Nkulunkulu weqiniso nezinda-
ba zenkosi.

**27** Leli yinani lama-Israyeli,
izinhloko zemindeni yo-
yise, izinduna zezinkulungwa-
ne nezamakhulu[k] nezikhulu
zawo ezazikhonza inkosi,[l] kuzo
zonke izindaba zezigaba ezazi-
ngena ziphuma inyanga nenya-
nga ngazo zonke izinyanga zo-
nyaka; isigaba ngasinye sasina-
bantu abangu-24 000.
**2** UJashobeyamu[a] indodana
kaZabidiyeli wayephethe isiga-
ba sokuqala senyanga yoku-
qala, esigabeni sakhe kukhona
abangu-24 000. **3** Emadodane-
ni kaPherezi,[b] wayeyinhloko
yazo zonke izinduna zamaqe-
mbu abelwe ukukhonza ngenya-
nga yokuqala. **4** UDodayi[c] um-
Ahohi[d] kanye nesigaba sakhe,
wayephethe isigaba senyanga
yesibili, uMikiloti engumholi,
esigabeni sakhe kukhona aba-
ngu-24 000. **5** Induna yeqembu
lesithathu elalabelwe ukukho-
nza ngenyanga yesithathu kwa-
kunguBhenaya[e] indodana kaJe-
hoyada[f] umpristi omkhulu, esi-
gabeni sakhe kukhona abangu-
24 000. **6** Lo Bhenaya wayeyi-
qhawe kwabangamashumi ama-
thathu futhi ephethe abanga-
mashumi amathathu, isigaba sa-
khe siphethwe u-Amizabadi
indodana yakhe. **7** Induna ye-
sine yenyanga yesine kwaku-
ngu-Asaheli,[g] umfowabo kaJo-
wabe,[h] walandelwa uZebadiya
indodana yakhe, esigabeni sa-
khe kukhona abangu-24 000.
**8** Induna yesihlanu yenyanga
yesihlanu kwakunguShamihuti
umIzrahiya, esigabeni sakhe ku-
khona abangu-24 000. **9** Indu-
na yesithupha yenyanga yesi-
thupha kwakungu-Ira[i] indoda-
na ka-Ikheshi waseThekhowa,[j]
esigabeni sakhe kukhona
abangu-24 000. **10** Induna ye-
sikhombisa yenyanga yesi-
khombisa kwakunguHelezi[k] um-
Pheloni wabakwa-Efrayimi, esi-
gabeni sakhe kukhona abangu-
24 000. **11** Induna ka-8 yenya-
nga ka-8 kwakunguSibhekayi[l]
umHusha wamaZera,[m] esigabeni
sakhe kukhona abangu-24 000.
**12** Induna ka-9 yenyanga ka-9
kwakungu-Abhi-ezeri[n] umAna-
thoti[o] wabakwaBhenjamini,

ISAHL. 26
*a* 1Sa 9:9
*b* 1Sa 14:50
*c* 2Sa 20:23
*d* 2Sa 2:18
*e* 1Kr 23:12
*f* Dut 17:9, 2Kr 19:8
*g* 1Kr 23:12
*h* 1Kr 23:19
*i* 1Kr 29:26, 27
*j* Jos 13:24, 25, Jos 21:8, 39

ISAHL. 27
*k* Eks 18:25, Dut 1:15, 1Sa 8:11, 12
*l* 1Kr 28:1

Uhla 2
*a* 1Kr 11:11
*b* Num 26:20, 21
*c* 2Sa 23:9
*d* 1Kr 8:1, 4
*e* 2Sa 23:20-23, 1Kh 4:4
*f* 1Kr 12:27
*g* 2Sa 2:18, 2Sa 23:8, 24
*h* 1Kr 2:15, 16
*i* 2Sa 23:8, 26
*j* 2Kr 11:5, 6, Amo 1:1
*k* 1Kr 11:10, 27
*l* 2Sa 21:18
*m* Num 26:20
*n* 2Sa 23:8, 27
*o* 1Kr 6:60, 64

esigabeni sakhe kukhona aba-
ngu-24 000. **13** Induna yeshu-
mi yenyanga yeshumi kwaku-
nguMaharayi[a] umNethofa wa-
maZera,[b] esigabeni sakhe ku-
khona abangu-24 000. **14** Indu-
na ka-11 yenyanga ka-11 kwaku-
nguBhenaya[c] umPirathoni wa-
bantwana bakwa-Efrayimi, esi-
gabeni sakhe kukhona abangu-
24 000. **15** Induna ka-12 yenya-
nga ka-12 kwakunguHelidayi
umNethofa, ka-Otheniyeli, esi-
gabeni sakhe kukhona abangu-
24 000.

**16** Laba kwakungabaholi be-
zizwe zakwa-Israyeli: Kwaba-
kwaRubeni, u-Eliyezeri indo-
dana kaZikiri wayengumholi;
kwabakwaSimeyoni, uShefathi-
ya indodana kaMahakha;
**17** kwaLevi, uHashabiya indo-
dana kaKhemuweli; ku-Aro-
ni uZadoki; **18** kwaJuda, u-Eli-
hu,[d] omunye wabafowabo ba-
kaDavide; kwa-Isakare, u-Omri
indodana kaMikayeli; **19** kwa-
Zebhuloni, u-Ishimaya indodana
ka-Obadiya; kwaNafetali, uJe-
rimoti indodana ka-Aziriyeli;
**20** kwabakwa-Efrayimi, uHo-
sheya indodana ka-Azaziya; ku-
hhafu wesizwe sakwaManase,
uJoweli indodana kaPhedaya;
**21** kuhhafu wesizwe sakwaMa-
nase esiseGileyadi, u-Ido indo-
dana kaZakariya; kwaBhenjami-
ni, uJahasiyeli indodana ka-
Abhineri;[e] **22** kwaDani, u-Aza-
reli indodana kaJerohamu. Lezi
kwakuyizikhulu zezizwe zakwa-
Israyeli.

**23** UDavide akababalanga
labo abaneminyaka engu-20
ubudala kuya phansi, ngoba
uJehova wayethembise ukwe-
nza u-Israyeli abe mningi
ngangezinkanyezi zamazulu.[f]
**24** UJowabe indodana kaZeru-
ya wayeseqalile ukubala, kodwa
akaqedanga; ngenxa yalokhu[g]
uNkulunkulu wamthukuthelela
u-Israyeli, futhi isibalo asizange
sifakwe emlandweni wezikhathi
zeNkosi uDavide.

**25** Owayephethe ingcebo ye-
nkosi[a] kwakungu-Azimaveti
indodana ka-Adiyeli. UJona-
thani indodana ka-Uziya waye-
phethe izinqolobane* emasi-
mini, emadolobheni, ema-
phandleni nasemibhoshongwe-
ni. **26** Owayephethe izisebe-
nzi ezazilima emasimini, kwa-
kungu-Eziri indodana kaKelubi.
**27** Owayephethe amasimu ama-
gilebhisi kwakunguShimeyi wa-
seRama; owayephethe isivu-
no samagilebhisi okwenza iwa-
yini kwakunguZabidi umShifa-
mu. **28** Owayephethe izihlahla
zeminqumo nezihlahla zemisi-
khamori[b] eShefela[c] kwakungu-
Bhali-hanani waseGederi; owa-
yephethe imikhiqizo yamafutha
kwakunguJowashi. **29** Owa-
yephethe imihlambi yezinko-
mo eyayidla eSharoni[d] kwaku-
nguShitirayi umSharoni, owa-
yephethe imihlambi yezinko-
mo eyayisemathafeni kwaku-
nguShafati indodana ka-Adila-
yi. **30** Owayephethe amakame-
la kwakungu-Obhili umIshmaye-
li; owayephethe izimbongolo
kwakunguJehideya umMerono-
ti. **31** Owayephethe imihlambi
yezimvu nezimbuzi kwakungu-
Jazizi umHagiri. Bonke laba ba-
beyizinduna zempahla yeNkosi
uDavide.

**32** UJonathani[e] indodana yo-
mfowabo kaDavide wayengu-
meluleki, engumuntu onokuqo-
nda futhi engunobhala, uJehi-
yeli indodana kaHakimoni wa-
yenakekela amadodana enko-
si.[f] **33** U-Ahithofeli[g] wayengu-
meluleki wenkosi, uHushayi[h]
umArikhi engumngani* wenko-
si. **34** Ngemva kuka-Ahithofeli

**27:25** *Noma, "ingcebo." **27:33** *Noma, "eyisethenjwa."

ISAHL. 27
*a* 2Sa 23:8, 28
*b* Num 26:20
*c* 2Sa 23:8, 30
*d* 1Sa 16:1, 6; 1Sa 17:28
*e* 1Sa 14:50; 2Sa 3:27
*f* Gen 15:5
*g* 2Sa 24:2, 15; 1Kr 21:6, 7

Uhla 2
*a* 2Kh 18:15
*b* 2Kr 9:27
*c* 2Kr 26:9, 10
*d* Isay 35:2
*e* 2Sa 13:3; 2Sa 21:21
*f* 1Kr 3:1-9
*g* 2Sa 15:12; 2Sa 16:23; 2Sa 17:23
*h* 2Sa 15:37; 2Sa 16:16, 17

kwakukhona uJehoyada indoda-
na kaBhenaya[a] no-Abhiyathara;[b]
uJowabe[c] wayeyinduna yebutho
lenkosi.

**28** Ngemva kwalokho uDa-
vide waqoqela ndawonye
zonke izikhulu zakwa-Israyeli
eJerusalema: izikhulu zezizwe,
izinduna zezigaba[d] zalabo aba-
bekhonza inkosi, izinduna zezi-
nkulungwane nezinduna zama-
khulu,[e] izinduna zayo yonke
impahla nemfuyo yenkosi[f] ne-
yamadodana ayo,[g] kanye nezi-
khulu zegceke nawo wonke
amadoda anamandla nanekho-
no lokwenza izinto.[h] **2** INkosi
uDavide yasukuma yama ngezi-
nyawo yathi:

"Ngilaleleni bafowethu naba-
ntu bami. Kwakuyisifiso senhli-
ziyo yami ukwakha indlu ibe
indawo yokuphumula yompho-
ngolo wesivumelwano sikaJe-
hova futhi ibe indawo kaNku-
lunkulu wethu yokubeka izi-
nyawo,*[i] futhi ngenza nama-
lungiselelo okwakha.[j] **3** Ko-
dwa uNkulunkulu weqiniso wa-
thi kimi, 'Ngeke ulakhele indlu
igama lami[k] ngoba ungumu-
ntu wezimpi, futhi uye wa-
chitha igazi.'[l] **4** Nokho uJeho-
va uNkulunkulu ka-Israyeli wa-
khetha mina kuyo yonke indlu
kababa ukuba ngibe inkosi
phezu kuka-Israyeli kuze kube
phakade,[m] ngoba nguJuda am-
khetha ukuba abe umholi,[n] fu-
thi endlini kaJuda, indlu ka-
baba,[o] naphakathi kwamadoda-
na kababa, yimi amamuke-
la, wangibeka ngaba inkosi
phezu kwawo wonke u-Israye-
li.[p] **5** Kuwo wonke amadoda-
na ami—ngoba maningi amado-
dana uJehova anginike wona[q]—
wakhetha uSolomoni[r] indoda-
na yami ukuba ahlale esihla-
lweni sobukhosi bukaJehova
phezu kuka-Israyeli.[a]

**6** "Wathi kimi, 'USolomoni
indodana yakho nguye oyokwa-
kha indlu yami namagceke ami,
ngoba ngikhethe yena ukuba
abe indodana yami, mina ngi-
be uyise.[b] **7** Ngiyobumisa bu-
qine ubukhosi bakhe kuze
kube phakade[c] uma ezimisela
ukugcina imiyalo yami nezinqu-
mo zami zokwahlulela[d] njengo-
ba enza.' **8** Ngakho phambi
kwawo wonke u-Israyeli, iba-
ndla likaJehova, nasezindlebe-
ni zikaNkulunkulu wethu, ngi-
thi: Gcinani ngokucophelela fu-
thi nifune yonke imiyalo kaJe-
hova uNkulunkulu wenu, uku-
ze nidle ifa laleli zwe elihle[e]
futhi nilidlulisele emadodaneni
enu njengefa laphakade.

**9** "Wena Solomoni ndodana
yami, yazi uNkulunkulu kayi-
hlo futhi umkhonze ngenhlizi-
yo ephelele*[f] nangomphefumu-
lo# ojabulayo,△ ngoba uJehova
uhlola zonke izinhliziyo,[g] futhi
uqonda yonke imicabango nezi-
fiso.[h] Uma umfuna, uyomthola,[i]
kodwa uma umshiya, uyokula-
hla kuze kube phakade.[j]
**10** Manje, lalela, ngoba uJe-
hova ukukhethile ukuba uma-
khele indlu ibe indlu engcwele.
Yiba nesibindi usebenze."

**11** UDavide wabe esenika
uSolomoni indodana yakhe ipu-
lani lokwakha[k] umpheme[l] nezi-
ndlu, amakamelo okugcina izi-
mpahla, amagumbi asopha-
hleni, amakamelo angapha-
kathi nendlu yesihlawulelo.[m]
**12** Wamnika ipulani lokwakha
zonke izinto eladluliselwa kuye
ngokuphefumulelwa,* ipula-
ni lamagceke[n] endlu kaJehova,
lawo wonke amagumbi

**ISAHL. 27**
*a* 2Sa 23:20-23, 1Kh 2:35
*b* 1Kh 1:7
*c* 1Kr 11:6

**ISAHL. 28**
*d* 1Kr 27:1
*e* Eks 18:25
*f* 1Kr 27:25, 29
*g* 1Kr 3:1-9
*h* 1Kr 11:10
*i* Hu 132:3-5
*j* 1Kr 22:2-4
*k* 1Kr 17:4
*l* 1Kr 22:7, 8
*m* 1Sa 16:1, 13; 2Sa 7:8; Hu 89:20
*n* Gen 49:10; 1Kr 5:2; Hu 60:7
*o* Rut 4:22
*p* 1Sa 13:14; 1Sa 16:11, 12
*q* 1Kr 3:1-9
*r* 1Kr 22:9

**Uhla 2**
*a* 1Kr 17:14; 2Kr 1:8
*b* 2Sa 7:13, 14
*c* 1Kr 17:13, 14; Hu 72:8
*d* Dut 12:1; 1Kh 6:12
*e* Dut 6:3
*f* Dut 10:12
*g* 1Sa 16:7; 1Kr 29:17; IzA 17:3; IsA 2:23
*h* Dut 31:21; Hu 139:2
*i* Mat 7:7; Heb 11:6; Jak 4:8
*j* Dut 31:17; 2Kr 15:2; Heb 10:38
*k* Heb 8:5
*l* 2Kr 3:4
*m* Lev 16:2; 1Kh 6:19
*n* 1Kh 6:36; 1Kh 7:12

**28:2** *Noma, "ibe isenabelo sezinyawo sikaNkulunkulu."

**28:9** *Noma, "ezinikele ngokuphelele." #Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. △Noma, "ozimisele." **28:12** *NgesiHebheru, "ngomoya."

okudlela ayenxazonke, legu-
mbi lengcebo yendlu kaNku-
lunkulu weqiniso nelegumbi
lengcebo yezinto ezingcweli-
siwe;*[a] **13** wamnika nomyalo
ophathelene nezigaba zabapri-
sti[b] nezamaLevi, nowayo yo-
nke imisebenzi yenkonzo ye-
ndlu kaJehova, nowazo zonke
izinto zenkonzo yendlu kaJe-
hova; **14** washo isisindo sego-
lide, igolide lazo zonke izi-
nto zezinkonzo ezihlukahluke-
ne, nesisindo sazo zonke izi-
nto zesiliva, nesazo zonke
izinto zezinkonzo ezihlukahlu-
kene; **15** nesisindo sezinti ze-
zibani zegolide[c] nezibani zazo
zegolide, isisindo sezinti ezi-
bani ezihlukahlukene nezibani
zazo, nesisindo sezinti zezibani
zesiliva, nesothi lwesibani nga-
lunye nezibani zalo ngokomse-
benzi walo; **16** nesisindo se-
golide lamatafula ezinkwa ezi-
takelene*[d] zetafula ngalinye,
kanye nesiliva lamatafula esili-
va, **17** nezimfologo, izitsha,
ojeke begolide elingaxutshiwe,
nesisindo sezitsha ezincane ze-
golide,[e] sesitsha esincane nga-
sinye, nesisindo sezitsha zesi-
liva ezincane, sesitsha esinca-
ne ngasinye. **18** Wamnika ne-
sisindo segolide elicwengekile
le-altare lempepho[f] nesomfa-
nekiso wenqola,[g] okunguku-
thi, amakherubi[h] egolide ayelu-
le amaphiko awo amboza um-
phongolo wesivumelwano si-
kaJehova. **19** UDavide wathi:
“Isandla sikaJehova sasiphezu
kwami, wanginika ukuqondisi-
sa ukuze ngibhale[i] yonke imini-
ningwane yepulani[j] lokwakha.”
**20** UDavide wabe esethi ku-
Solomoni indodana yakhe:
“Yiba nesibindi uqine, usebe-
nze. Ungesabi noma wethu-
ke ngoba uJehova uNkulunku-
lu, uNkulunkulu wami, unawe.[a]
Ngeke akulahle noma akushiye,[b]
kodwa uzoba nawe uze uqedwe
wonke umsebenzi wenkonzo ye-
ndlu kaJehova. **21** Lezi iziga-
ba zabapristi[c] nezamaLevi[d] ezi-
zokwenza yonke inkonzo yendlu
kaNkulunkulu weqiniso. Unezi-
sebenzi ezizimisele nezinekho-
no ezizokwenza lonke uhlobo
lwenkonzo,[e] kanye nezikhulu[f]
nabo bonke abantu abazokwe-
nza konke okushoyo.”

**29** INkosi uDavide yathi kulo
lonke ibandla: “USolomo-
ni indodana yami, lowo uNku-
lunkulu amkhethile,[g] usemnca-
ne futhi usantula ulwazi,*[h] ka-
nti umsebenzi mkhulu, ngo-
ba akulona ithempeli# lomu-
ntu kodwa elikaJehova uNkulu-
nkulu.[i] **2** Angizigodlanga eku-
lungiseleleni indlu kaNkulunku-
lu wami, nganikela ngegolide
lokwenza izinto zegolide, isili-
va lokwenza izinto zesiliva, ithu-
si lokwenza izinto zethusi, insi-
mbi yokwenza izinto zensi-
mbi,[j] nezingodo[k] zokwenza izi-
nto zezingodo, amatshe e-oniki-
si, amatshe okumele afakwe
odakeni, amatshana amibalaba-
la omhlobiso, nazo zonke izi-
nhlobo zamatshe ayigugu, na-
matshe e-alabhaste amaningi
kakhulu. **3** Ngaphezu kwalo-
kho, ngenxa yokuthi ngiyajabu-
la ngendlu kaNkulunkulu wami,[l]
kukhona nengcebo yami yegoli-
de nesiliva[m] engiyinikela endli-
ni kaNkulunkulu wami, nga-
phezu kwakho konke engiye
ngakulungiselela indlu engcwe-
le, **4** ehlanganisa amathale-
nta* angu-3 000 egolide lase-
Ofiri,[n] namathalenta angu-7 000
esiliva elicwengekile ukuze ku-
nanyekwe ezindongeni zezindlu,

**28:12** *Noma, “ezinikelwe.” **28:16** *Okuwukuthi, isinkwa sokubukwa.

**29:1** *Noma, “untekenteke.” #Noma, “isigodlo.” **29:4** *Ithalenta lalilingana no-34,2 kg. Bheka iSithasiselo B14.

ISAHL. 28
a 1Kr 9:26; 1Kr 26:20
b 1Kr 24:1
c 2Kr 4:7
d 2Kr 4:8, 19
e 1Kh 7:48, 50
f 1Kh 7:48
g Hu 18:10
h Eks 25:20; 1Sa 4:4; 1Kh 6:23
i Eks 25:9, 40
j 1Kr 28:11

Uhla 2
a Dut 31:6; Jos 1:6, 9; Rom 8:31
b Jos 1:5
c 1Kr 24:1
d 1Kr 24:20
e Eks 36:1, 2
f 1Kr 22:17; 1Kr 28:1

ISAHL. 29
g 1Kr 28:5
h 1Kh 3:7
i 2Kr 2:4
j 1Kr 22:3, 16
k 1Kr 22:4, 14
l Hu 26:8; Hu 27:4; Hu 122:1
m 1Kr 21:24
n Job 28:16

**5** igolide lokwenza izinto zegolide, isiliva lokwenza izinto zesiliva, nelawo wonke umsebenzi ozokwenziwa izingcweti. Ubani ofuna ukupha uJehova izipho namuhla?"[a]

**6** Ngakho izikhulu zemindeni yoyise, izikhulu zezizwe zakwa-Israyeli, izinduna zezinkulungwane nezamakhulu,[b] nezinduna zomsebenzi wenkosi[c] zeza ngokuzithandela. **7** Zanikelela inkonzo yendlu kaNkulunkulu weqiniso: amathalenta angu-5 000 egolide, amadarike* angu-10 000, amathalenta angu-10 000 esiliva, amathalenta angu-18 000 ethusi namathalenta angu-100 000 ensimbi. **8** Noma ubani owayenamatshe ayigugu wanikela ngawo engcebweni yendlu kaJehova, ngaphansi kokwengamela kukaJehiyeli[d] umGereshoni.[e] **9** Abantu bakujabulela ukwenza leyo minikelo yokuzithandela, ngoba benza iminikelo yokuzithandela kuJehova ngenhliziyo ephelele,[f] noDavide inkosi naye wajabula kakhulu.

**10** UDavide wabe esedumisa uJehova phambi kwalo lonke ibandla. Wathi: "O Jehova Nkulunkulu ka-Israyeli baba wethu, kwangathi ungadunyiswa kuze kube phakade. **11** O Jehova, ngobakho ubukhulu[g] namandla[h] nobuhle nobukhazikhazi nesithunzi,[i] ngoba konke okusemazulwini nokusemhlabeni kungokwakho.[j] O Jehova, ngowakho umbuso.[k] Uwena oziphakamisa ube inhloko phezu kwakho konke. **12** Ingcebo nenkazimulo kuvela kuwe,[l] ubusa phezu kwakho konke,[m] esandleni sakho kukhona amandla[n] nobukhulu,[o] isandla sakho sikwazi ukukhulisa[a] nokunika amandla kukho konke.[b] **13** Manje, Nkulunkulu wethu, siyakubonga futhi sidumisa igama lakho elihle.

**14** "Noma kunjalo, ngingubani mina futhi bangobani abantu bami ukuba sikwazi ukwenza iminikelo yokuzithandela ngale ndlela? Ngoba konke kuvela kuwe, esikunike kona sikuthathe esandleni sakho. **15** Ngoba singabakwelinye izwe phambi kwakho nezifiki, njengabo bonke okhokho bethu.[c] Ngoba izinsuku zethu emhlabeni zinjengethunzi—azinathemba.[d] **16** O Jehova Nkulunkulu wethu, yonke le ngcebo esiye sayilungiselela ukukwakhela indlu yegama lakho elingcwele ivela esandleni sakho, yonke ingeyakho. **17** Ngazi kahle, Nkulunkulu wami, ukuthi wena uhlola inhliziyo,[e] nokuthi ujatshuliswa ubuqotho.[f] Zonke lezi zinto ngizinikele ngobuqotho benhliziyo yami, futhi kungijabulisa kakhulu ukubona abantu bakho abalapha benikela kuwe ngokuzithandela. **18** O Jehova Nkulunkulu ka-Abrahama, u-Isaka no-Israyeli, okhokho bethu, gcina lezi zifiso nemicabango ezinhliziyweni zabantu bakho kuze kube phakade, uqondise izinhliziyo zabo kuwe.[g] **19** Unike uSolomoni indodana yami inhliziyo ephelele*[h] ukuze agcine imiyalo yakho,[i] izikhumbuzo zakho neziqondiso zakho, enze konke lokhu, akhe ithempeli# engiye ngalilungiselela."[j]

**20** UDavide wabe esethi kulo lonke ibandla: "Manje mdumiseni uJehova uNkulunkulu wenu." Lonke ibandla labe selimdumisa uJehova uNkulunkulu wokhokho balo laguqa lakhothamela uJehova nenkosi.

29:7 *Idarike kwakuwuhlamvu lwegolide lwasePheresiya. Bheka iSithasiselo B14.

29:19 *Noma, "ezinikele ngokuphelele." #Noma, "isigodlo."

ISAHL. 29
- a Eks 35:5
- b Eks 18:25
- c 1Kr 27:25, 29; 1Kr 27:31
- d 1Kr 26:22
- e 1Kr 6:1
- f 2Ko 9:7
- g Hu 145:3; 1Ti 1:17
- h IsA 5:13
- i 1Kr 16:27; Hu 8:1
- j Hu 24:1; Isay 42:5
- k Hu 103:19; Mat 6:10
- l Dut 8:18; IzA 10:22; Flp 4:19
- m 2Kr 20:6
- n Isay 40:26
- o Dut 3:24; Efe 1:19; IsA 15:3

Uhla 2
- a 2Kr 1:11, 12
- b 2Kr 16:9; Hu 18:32; Isay 40:29
- c Lev 25:23; Heb 11:13
- d Job 14:1, 2; Jak 4:13, 14
- e 1Kr 28:9
- f IzA 11:20; IzA 15:8; Heb 1:9
- g Hu 10:17; Hu 86:11
- h Mar 12:30
- i 1Kh 6:12
- j 1Kr 22:14

**21** Laqhubeka linikela imihla-
tshelo kuJehova futhi linike-
la iminikelo eshiswayo[a] kuJeho-
va ngosuku olulandelayo, ama-
duna ezinkomo angu-1 000, izi-
nqama ezingu-1 000, amawundlu
angamaduna angu-1 000 nemi-
nikelo yako ephuzwayo;[b] ba-
nikela ngemihlatshelo emini-
ngi benikelela wonke u-Israyeli.[c]
**22** Ladla laphuza phambi kuka-
Jehova ngalolo suku lijabula ka-
khulu,[d] futhi lambeka okwesibi-
li uSolomoni indodana kaDavide
waba inkosi, lamgcoba phambi
kukaJehova njengomholi[e] noZa-
doki njengompristi.[f] **23** USolo-
moni wahlala esihlalweni so-
bukhosi sikaJehova[g] waba inko-
si esikhundleni sikaDavide uyise
futhi waphumelela, wonke ama-
Israyeli ayemlalela. **24** Zonke
izikhulu,[h] amaqhawe anama-
ndla[i] nawo wonke amadodana
eNkosi uDavide,[j] bazithoba ku-
Solomoni inkosi. **25** UJehova
wenza uSolomoni waba mkhulu
kakhulu phambi kwawo wonke
u-Israyeli, wamenza waba nesi-
thunzi sasebukhosini okunge-
kho nkosi yakwa-Israyeli eyake
yaba naso.[a]
**26** UDavide indodana kaJe-
se wabusa phezu kwawo wonke
u-Israyeli, **27** iminyaka ayibu-
sa phezu kuka-Israyeli yayi-
ngu-40. EHebroni wabusa imi-
nyaka eyisikhombisa,[b] eJerusa-
lema wabusa iminyaka engu-
33.[c] **28** Washona esegugile,[d]
aneliswe izinsuku zokuphila
kwakhe, ingcebo nenkazimu-
lo; uSolomoni indodana ya-
khe waba inkosi esikhundle-
ni sakhe.[e] **29** Ngokuqondene
nomlando weNkosi uDavide, ku-
sukela ekuqaleni kuze kube se-
kugcineni, ubhaliwe emazwi-
ni kaSamuweli umboni wemibo-
no,* emazwini kaNathani[f] um-
profethi nasemazwini kaGadi[g]
umboni wemibono, **30** kanye
nabo bonke ubukhosi bakhe,
amandla akhe nezehlakalo zezi-
khathi ezithinta yena no-Israye-
li nayo yonke imibuso eyayimzu-
ngezile.

**ISAHL. 29**
a Lev 1:3
b Lev 23:12, 13; Num 15:5
c 1Kh 8:63, 64
d Dut 12:7; 2Kr 7:10; Neh 8:12
e 1Kh 1:38-40; 1Kr 23:1
f 1Kh 2:35
g 1Kr 28:5
h 1Kr 22:17
i 1Kr 28:1
j 1Kr 3:1-9

**Uhla 2**
a 1Kh 3:12; 2Kr 1:1, 12; Shu 2:9
b 2Sa 2:11
c 2Sa 5:4, 5
d 1Kh 1:1
e 1Kh 2:10-12
f 2Sa 7:2; 2Sa 12:1
g 1Kr 21:9, 10

**29:29** *Ngokusobala umboni wemibono kwakungumuntu uNkulunkulu ayemenze waqonda intando yakhe.

### EYESIBILI
# YEZIKRONIKE

**UHLU LOKUPHAKATHI**

1 USolomoni ucela ukuhlakanipha (1-12)
Ingcebo kaSolomoni (13-17)

2 Amalungiselelo okwakha ithempeli (1-18)

3 USolomoni uqala ukwakha ithempeli (1-7)
INgcwelengcwele (8-14)
Izinsika ezimbili zethusi (15-17)

4 I-altare, uLwandle nezindishi (1-6)
Izinti zezibani, amatafula namagceke (7-11a)
Kuphothulwa impahla yasethempelini (11b-22)

5 Amalungiselelo okuvulwa kwethempeli (1-14)
UMphongolo ulethwa ethempelini (2-10)

6 USolomoni ukhuluma nabantu (1-11)
Umthandazo kaSolomoni wokuvulwa kwe-altare (12-42)

7 Ithempeli ligcwele inkazimulo kaJehova (1-3)

Imikhosi yokuvulwa kwe-altare (4-10)
UJehova ubonakala kuSolomoni (11-22)

8 Eminye imisebenzi yokwakha kaSolomoni (1-11)
Kuhlelwa ukukhulekela kwasethempelini (12-16)
Imikhumbi kaSolomoni (17, 18)

9 Indlovukazi yaseSheba ivakashela uSolomoni (1-12)
Ingcebo kaSolomoni (13-28)
Ukufa kukaSolomoni (29-31)

10 U-Israyeli uvukela uRehobowamu (1-19)

11 Ukubusa kukaRehobowamu (1-12)
AmaLevi aqotho athuthela kwaJuda (13-17)
Umndeni kaRehobowamu (18-23)

12 UShishaki uhlasela iJerusalema (1-12)
Ukubusa kukaRehobowamu kuyaphela (13-16)

13 U-Abhiya, inkosi yakwaJuda (1-22)
U-Abhiya unqoba uJerobowamu (3-20)

14 Ukufa kuka-Abhiya (1)
U-Asa, inkosi yakwaJuda (2-8)
U-Asa unqoba amaTopiya angu-1 000 000 (9-15)

15 Izinguquko ezenziwa u-Asa (1-19)

16 Isivumelwano sika-Asa neSiriya (1-6)
UHanana usola u-Asa (7-10)
Ukufa kuka-Asa (11-14)

17 UJehoshafati, inkosi yakwaJuda (1-6)
Umkhankaso wokufundisa (7-9)
Amandla empi kaJehoshafati (10-19)

18 UJehoshafati ubambisana no-Ahabi (1-11)
Isiprofetho sikaMikhaya sokunqotshwa (12-27)
U-Ahabi ubulawelwa eRamoti-gileyadi (28-34)

19 UJehu usola uJehoshafati (1-3)
Izinguquko ezenziwa uJehoshafati (4-11)

20 Izizwe ezingomakhelwane zisongela uJuda (1-4)
UJehoshafati uthandazela usizo (5-13)
Impendulo evela kuJehova (14-19)
UJuda usindiswa ngokuyisimangaliso (20-30)
Ukuphela kokubusa kukaJehoshafati (31-37)

21 UJehoramu, inkosi yakwaJuda (1-11)
Umyalezo obhaliwe ovela ku-Eliya (12-15)
Isiphetho esibi sikaJehoramu (16-20)

22 U-Ahaziya, inkosi yakwaJuda (1-9)
U-Athaliya uthatha isihlalo sobukhosi ngodli (10-12)

23 UJehoyada uyangenela; uJehowashi uba inkosi (1-11)
U-Athaliya uyabulawa (12-15)
Izinguquko ezenziwa uJehoyada (16-21)

24 Ukubusa kukaJehowashi (1-3)
UJehowashi uvuselela ithempeli (4-14)
Ukuhlubuka kukaJehowashi (15-22)
UJehowashi uyabulawa (23-27)

25 U-Amaziya, inkosi yakwaJuda (1-4)
Kulwiwa nabakwa-Edomi (5-13)
Ukukhonza izithixo kuka-Amaziya (14-16)
Kulwiwa nenkosi yakwa-Israyeli uJehowashi (17-24)
Ukufa kuka-Amaziya (25-28)

26 U-Uziya, inkosi yakwaJuda (1-5)
Okwasetshenziswa u-Uziya empini (6-15)
U-Uziya oqhoshayo ushaywa ngochoko (16-21)
Ukufa kuka-Uziya (22, 23)

27 UJothamu, inkosi yakwaJuda (1-9)

28 U-Ahazi, inkosi yakwaJuda (1-4)
Unqotshwa iSiriya no-Israyeli (5-8)
U-Odedi uxwayisa u-Israyeli (9-15)
UJuda uyathotshiswa (16-19)
Ukukhonza izithixo kuka-Ahazi; ukufa kwakhe (20-27)

29 UHezekiya, inkosi yakwaJuda (1, 2)
Izinguquko ezenziwa uHezekiya (3-11)
Kuhlanzwa ithempeli (12-19)
Izinkonzo zasethempelini ziyavuselelwa (20-36)

30 UHezekiya ugubha iPhasika (1-27)

31 UHezekiya uqeda ukuhlubuka (1)
Abapristi namaLevi basekelwa ngendlela efanele (2-21)

32 USaneheribi usongela iJerusalema (1-8)
USaneheribi udelela uJehova (9-19)
Ingelosi ihlasela ibutho lase-Asiriya (20-23)
Ukugula kukaHezekiya nokuzidla kwakhe (24-26)
Izinto ezafezwa uHezekiya nokufa kwakhe (27-33)

33 UManase, inkosi yakwaJuda (1-9)
UManase uyaphenduka ebubini bakhe (10-17)
Ukufa kukaManase (18-20)
U-Amoni, inkosi yakwaJuda (21-25)

34 UJosiya, inkosi yakwaJuda (1, 2)
Izinguquko ezenziwa uJosiya (3-13)
Kutholakala incwadi yoMthetho (14-21)
UHulida uprofetha ngenhlekelele (22-28)
UJosiya ufundela abantu incwadi (29-33)

35 UJosiya uhlela iPhasika elikhulu (1-19)
UJosiya ubulawa uFaro Nekho (20-27)

36 UJehowahazi, inkosi yakwaJuda (1-3)
UJehoyakimi, inkosi yakwaJuda (4-8)
UJehoyakini, inkosi yakwaJuda (9, 10)
UZedekiya, inkosi yakwaJuda (11-14)
Ukubhujiswa kweJerusalema (15-21)
Umyalo kaKoresi wokwakha kabusha ithempeli (22, 23)

---

**1** USolomoni indodana kaDa-
vide waqhubeka eba nama-
ndla ebukhosini bakhe, uJeho-
va uNkulunkulu wakhe waye-
naye, wamenza waba mkhulu
kakhulu.[a]
**2** USolomoni wathumela
ukuba kubizwe wonke u-Isra-
yeli, izinduna zezinkulungwane
nezamakhulu, abahluleli nazo
zonke izikhulu zawo wonke
u-Israyeli, izinhloko zeminde-
ni yoyise. **3** USolomoni nalo
lonke ibandla baya endawe-
ni ephakeme eGibheyoni,[b] ngo-
ba lalilapho itende lokuhla-
ngana likaNkulunkulu weqini-
so, itende uMose inceku kaJe-
hova ayelenze ehlane. **4** No-
kho, uDavide wayewulandile
uMphongolo kaNkulunkulu we-
qiniso eKiriyati-jeyarimi[c] wa-
wuletha endaweni uDavide
ayewulungiselele yona; waye-
wugxumekele itende eJerusa-
lema.[d] **5** I-altare lethusi[e] ela-
lenziwe uBhezaleli[f] indodana
ka-Uri indodana kaHure lalibe-
kwe phambi kwetabernakele li-
kaJehova; uSolomoni nebandla
babethandaza phambi kwalo.*
**6** USolomoni wenza iminikelo
lapho phambi kukaJehova, wa-
nikela iminikelo eshiswayo
engu-1 000 e-altare[a] lethusi le-
tende lokuhlangana.
**7** Ngalobo busuku uNku-
lunkulu wabonakala kuSolo-
moni wathi kuye: "Cela lokho
ongathanda ngikuphe kona."[b]
**8** USolomoni waphendula
uNkulunkulu wathi: "Uboni-
se uthando oluqotho olukhu-
lu kubaba uDavide,[c] wange-
nza inkosi esikhundleni sa-
khe.[d] **9** Manje, Jehova Nku-
lunkulu, isithembiso sakho ku-
Davide ubaba masibe esithe-
mbekile,[e] ngoba wena unge-
nze ngaba inkosi phezu kwe-
sizwe esinabantu abaningi nje-
ngezinhlayiya zothuli lomhla-
bathi.[f] **10** Nginike ukuhlaka-
nipha nolwazi[g] ukuze ngihole
lesi sizwe, ngoba ngingasahlu-
lela kanjani lesi sizwe sakho
esikhulu?"[h]
**11** Khona-ke uNkulunkulu
wathi kuSolomoni: "Ngenxa yo-
kuthi lesi yisifiso senhliziyo ya-
kho futhi awucelanga umno-
tho, ingcebo nodumo noma
ukuba kufe abakuzondayo, fu-
thi awucelanga ukuphila isi-
khathi eside,* kodwa ucele
ukuhlakanipha nolwazi ukuze

1:5 *Noma, "babebuza uNkulunkulu lapho."

1:11 *NgesiHebheru, "izinsuku eziningi."

**ISAHL. 1**
a 1Kr 29:25; Shu 2:9; Mat 6:28, 29; Mat 12:42
b 1Kh 3:4; 1Kr 21:29
c 1Kr 13:5
d 1Kr 16:1
e Eks 38:1, 2
f Eks 31:2-5

**Uhla 2**
a 1Kh 3:4
b 1Kh 3:5-9
c 2Sa 7:8
d 1Kr 28:5; Hu 89:28, 29
e 2Sa 7:12; 1Kr 28:6; Hu 132:11
f Gen 13:14, 16
g IzA 2:6; Jak 1:5
h Hu 72:1, 2

wahlulele isizwe sami engiku-
beke ukuba ube inkosi phe-
zu kwaso,[a] **12** uzonikwa uku-
hlakanipha nolwazi; ngaphezu
kwalokho ngizokunika nomno-
tho nengcebo nodumo okunge-
kho makhosi ngaphambi kwa-
kho ake aba nakho, futhi oku-
ngekho muntu ngemva kwakho
oyoba nakho.”[b]

**13** Ngakho uSolomoni wasu-
ka endaweni ephakeme eGibhe-
yoni,[c] phambi kwetende loku-
hlangana, weza eJerusalema;
wabusa u-Israyeli. **14** USolo-
moni wayelokhu eqongelela izi-
nqola namahhashi;* wayene-
zinqola ezingu-1 400 namahha-
shi*[d] angu-12 000, wakugcina
kumi emadolobheni ezinqola[e]
naseduze kwenkosi eJerusale-
ma.[f] **15** Inkosi yenza isiliva
negolide kwaba kuningi njenga-
matshe eJerusalema,[g] nokhuni
lomsedari yalwenza lwaba lu-
ningi njengezihlahla zemisikha-
mori eShefela.[h] **16** Amahha-
shi kaSolomoni ayethunyelwa
evela eGibhithe,[i] abathengisi
benkosi babethola umhlambi*
wamahhashi ngenani elibeki-
we.[j] **17** Inqola ngayinye eyayi-
thengwa eGibhithe yayibiza izi-
nhlamvu zesiliva ezingu-600,
ihhashi libiza ezingu-150; uma
sebewathengile, babewadayise-
la wonke amakhosi amaHeti na-
makhosi aseSiriya.

**2** Manje uSolomoni wakhipha
umyalo wokuba kwakhelwe
igama likaJehova indlu,[k] kwa-
khiwe nendlu* yobukhosi ba-
khe.[l] **2** USolomoni wabhalisa
amadoda angu-70 000 aba izi-
sebenzi ezenza imisebenzi eva-
mile,* angu-80 000 aba abasiki
bamatshe ezintabeni,[a] nangu-
3 600 ukuba engamele la ma-
doda.[b] **3** Ngaphezu kwalokho,
uSolomoni wathumela umyale-
zo kuHiramu[c] inkosi yaseThi-
re, ethi: “Ngithumelele izingo-
do zomsedari njengoba wathu-
melela uDavide ubaba ukuze
akhe indlu* ayezohlala kuyo.[d]
**4** Manje ngakhela igama lika-
Jehova uNkulunkulu wami
indlu ukuze ngiyingcwelisele
yena, ngishise impepho ena-
makha[e] phambi kwakhe,
kube khona nezinkwa ezita-
kelene*[f] neminikelo eshiswayo
ekuseni nakusihlwa,[g] ngama-
Sabatha,[h] ngokwethwasa kwe-
zinyanga[i] nangezinkathi zemi-
khosi[j] kaJehova uNkulunkulu
wethu. Lesi isibopho sika-Isra-
yeli saphakade. **5** Indlu engi-
yakhayo iyoba nkulu, ngoba
uNkulunkulu wethu mkhulu
kunabo bonke abanye onku-
lunkulu. **6** Ubani okulungele
ukumakhela indlu? Ngoba ama-
zulu nezulu lamazulu aku-
kwazi ukumthwala,[k] pho ngi-
ngubani mina ukuba ngima-
khele indlu? Engingakwenza
nje ukwakha indawo yoku-
shunqisa umusi womhlatshelo
phambi kwakhe. **7** Manje ngi-
thumelele umuntu oyingcweti,
onekhono lokusebenza ngegoli-
de, ngesiliva, ngethusi,[l] nge-
nsimbi, ngoboya obuphephu-
li, obubomvu nangentambo
eluhlaza okwesibhakabhaka,
nokwaziyo ukuqopha. Uzose-
benza kwaJuda naseJerusa-
lema nezingcweti zami ezi-
nekhono, lezo uDavide uba-
ba azilungiselele.[m] **8** Ngithu-
melele nezingodo zaseLebha-
noni zomsedari, umjunipha[n]

---

**1:14** *Noma, “nabagibeli bamahhashi.” **1:16** *Noma kungaba, “evela eGibhithe naseKuwe; abathengisi benkosi babewathenga eKuwe,” cishe kubhekiselwa eKhilikhiya. **2:1** *Noma, “nesigodlo.”

**2:2** *Noma, “aba abathwali bemithwalo.” **2:3** *Noma, “isigodlo.” **2:4** *Okuwukuthi, isinkwa sokubukwa.

---

**ISAHL. 1**
- a 1Kh 3:10-13; 1Kh 3:28
- b 1Kr 29:25; 2Kr 9:22; Shu 2:9
- c 1Kh 3:4
- d Dut 17:16; 1Kh 4:26
- e 2Kr 8:5, 6
- f 2Kr 9:25
- g 1Kh 10:21
- h 1Kh 10:27; 2Kr 9:27
- i 2Kr 9:28
- j 1Kh 10:28, 29

**ISAHL. 2**
- k Dut 12:11; 1Kr 22:10
- l 1Kh 7:1

**Uhla 2**
- a 1Kh 5:15
- b 1Kh 5:16; 1Kh 9:22; 2Kr 2:17, 18
- c 1Kh 5:1
- d 2Sa 5:11
- e Eks 30:7
- f Eks 25:30
- g Num 28:4
- h Num 28:9
- i Num 28:11
- j Dut 16:16
- k 1Kh 8:27; Isay 66:1; IzE 17:24
- l 1Kh 7:13, 14
- m 1Kr 22:15
- n 1Kh 5:6, 8; 2Kr 3:5

nom-aligamu,[a] ngoba ngazi ka-
hle ukuthi izinceku zakho zi-
ngomakadebona ekugawuleni
izihlahla zaseLebhanoni.[b] Izi-
nceku zami zizosebenza kanye
nezinceku zakho[c] **9** ukuze zi-
ngilungisele izingodo eziningi
kakhulu, ngoba indlu engizoya-
kha izoba nkulu ngendlela
engavamile. **10** Izinceku za-
kho ezigawula izihlahla ngizo-
zinika ukudla:[d] ukolweni onga-
makhora* angu-20 000, ibhali
elingamakhora angu-20 000,
iwayini elingamabhathi# angu-
20 000 namafutha angamabha-
thi angu-20 000.”

**11** UHiramu inkosi yaseThi-
re wabe esethumela lo myale-
zo obhaliwe kuSolomoni: “Nge-
nxa yokuthi uJehova uyasi-
thanda isizwe sakhe, ukwenze
waba inkosi yaso.” **12** UHira-
mu wabe esethi: “Makadu-
nyiswe uJehova uNkulunku-
lu ka-Israyeli, owenza amazu-
lu nomhlaba, ngoba unike uDa-
vide inkosi indodana ehla-
kaniphile,[e] ekhaliphile neno-
kuqonda,[f] ezokwakhela uJeho-
va indlu kanye nendlu yo-
bukhosi bayo. **13** Manje ngi-
kuthumelela ingcweti enekho-
no nenokuqonda, uHiramu-
abi,[g] **14** eyindodana yowesifa-
zane wakwaDani kodwa uyi-
se kungumuntu waseThire;
ingumakadebona ekusebenze-
ni ngegolide, ngesiliva, ngethu-
si, ngensimbi, ngamatshe, nge-
zingodo, ngoboya obuphephu-
li, ngentambo eluhlaza okwesi-
bhakabhaka, ngendwangu ese-
zingeni eliphezulu, nebomvu.[h]
Ingaqopha noma yini, yenze
imiklamo yanoma yiluphi uhlo-
bo.[i] Izosebenza kanye nezi-
ngcweti zakho ezinekhono ne-
zingcweti ezinekhono zenkosi
yami uDavide uyihlo. **15** Ma-
nje inkosi yami mayithume-
le ukolweni, ibhali, amafu-
tha newayini ekuthembise izi-
nceku zayo.[a] **16** Thina sizoga-
wula izihlahla zaseLebhanoni,[b]
zibe ningi ngokwezidingo za-
kho, sizozibophela ndawonye
sizintantise zihambe olwandle
ziye eJopha;[c] wena uzozikhu-
phulela eJerusalema.”[d]

**17** USolomoni wabe eseba-
la wonke amadoda ayeyizifi-
ki ezweni lakwa-Israyeli,[e] nge-
mva kokubalwa kwawo okwa-
kwenziwe uDavide uyise,[f] kwa-
tholakala ukuthi angu-153 600.
**18** Ngakho angu-70 000 wawa-
bela ukuba abe izisebenzi eze-
nza imisebenzi evamile,* angu-
80 000 aba abasiki bamatshe[g]
ezintabeni, angu-3 600 engame-
la abantu emsebenzini.[h]

**3** Ngemva kwalokho uSolo-
moni waqala ukwakha indlu
kaJehova[i] eJerusalema eNta-
beni iMoriya,[j] lapho uJeho-
va ayebonakale khona kuDa-
vide uyise,[k] endaweni uDa-
vide ayeyilungiselele esibu-
yeni* sika-Orinani[l] umJebu-
si. **2** Waqala ukwakha ngo-
suku lwesibili enyangeni ye-
sibili, ngonyaka wesine woku-
busa kwakhe. **3** Isisekelo so-
kwakha indlu kaNkulunkulu
weqiniso esabekwa uSolomoni
sasiyizingalo ezingu-60 ubude,
siyizingalo ezingu-20 ububa-
nzi[m] ngokwesikali esasisetshe-
nziswa kuqala.* **4** Umpheme
ongaphambili wawuyizingalo
ezingu-20 ubude, ulingana no-

**2:10** *Ikhora lalilingana no-220 L. Bheka iSithasiselo B14. #Ibhathi lalilingana no-22 L. Bheka iSithasiselo B14.

**2:18** *Noma, “abe abathwali bemithwalo.” **3:1** *Indawo okubhulelwa kuyo ukudla okusanhlamvu. **3:3** *Ingalo evamile yayilingana no-44,5 cm, kodwa abanye bacabanga ukuthi “isikali esasisetshenziswa kuqala” sibhekisela engalweni ende elingana no-51,8 cm. Bheka iSithasiselo B14.

ISAHL. 2
*a* 1Kh 10:11
*b* 1Kh 5:9
*c* 1Kh 5:14
*d* 1Kh 5:11
*e* 1Kh 5:7
*f* 2Kr 1:11, 12
*g* 1Kh 7:13, 14; 2Kr 4:11-16
*h* 2Kr 3:14
*i* Eks 31:2-5

Uhla 2
*a* 2Kr 2:10
*b* 1Kh 5:6, 8
*c* Jos 19:46, 48; Ezr 3:7
*d* 1Kh 5:9
*e* 2Kr 8:7, 8
*f* 1Kr 22:2
*g* 1Kh 5:17, 18; 1Kr 22:15
*h* 1Kh 5:15, 16

ISAHL. 3
*i* 1Kh 6:1; 1Kh 6:37
*j* Gen 22:2, 14
*k* 2Sa 24:25; 1Kr 21:18
*l* 2Sa 24:18; 1Kr 21:22
*m* 1Kh 6:2

bubanzi bendlu,* ukuphakama kwawo kwakuyizingalo ezingu-20;# ngaphakathi wawunameka ngegolide elihlanzekile.[a] **5** Indlu enkulu wayihlobisa ngokhuni lomjunipha, okwathi ngemva kwalokho wayimboza ngegolide elisezingeni eliphezulu,[b] wabe eseyihlobisa ngemidwebo yezihlahla zesundu[c] namaketanga.[d] **6** Ngaphezu kwalokho, wanameka indlu ngamatshe amahle ayigugu;[e] igolide[f] alisebenzisa lalivela eParivayimi. **7** Wamboza indlu, izingodo zophahla, izindonga zayo nezicabha zayo ngegolide;[g] waqopha umfanekiso wamakherubi ezindongeni.[h]

**8** Wabe esenza ikamelo* leNgcwelengcwele;[i] ubude balo babuhambisana nobubanzi bendlu, buyizingalo ezingu-20, ububanzi balo buyizingalo ezingu-20. Walimboza ngegolide elisezingeni eliphezulu elingamathalenta# angu-600.[j] **9** Isisindo segolide lezipikili sasingamashekeli* angu-50; wamboza amagumbi asophahleni ngegolide.

**10** Ngemva kwalokho, wenza imifanekiso emibili yamakherubi ekamelweni* leNgcwelengcwele, wayinameka ngegolide.[k] **11** Ubude bamaphiko amakherubi[l] babuyizingalo ezingu-20; elinye iphiko lekherubi lokuqala laliyizingalo ezinhlanu ubude lithinta udonga lwendlu, elinye iphiko lalo liyizingalo ezinhlanu ubude lithinta iphiko lelinye ikherubi. **12** Iphiko laleli elinye ikherubi laliyizingalo ezinhlanu ubude lithinta olunye udonga lwendlu, elinye iphiko lalo liyizingalo ezinhlanu ubude lithinta iphiko lekherubi lokuqala. **13** Amaphiko ala makherubi ayeluleka abe izingalo ezingu-20; ayemi ngezinyawo zawo ubuso bawo bubheke eNgcwele.

**14** Wenza nekhethini[a] lentambo eliluhlaza okwesibhakabhaka, uboya obuphephuli, obubomvu, nendwangu esezingeni eliphezulu, wathungela imifanekiso yamakherubi kulo.[b]

**15** Wabe esenza izinsika ezimbili[c] phambi kwendlu, ubude bazo buyizingalo ezingu-35, isihloko esasiphezu kwensika ngayinye sasiyizingalo ezinhlanu.[d] **16** Wenza namaketanga anjengemigexo, wawabeka phezu kwezihloko zezinsika, wenza amahalananda* angu-100 wawafaka emaketangeni. **17** Wamisa lezi zinsika phambi kwethempeli, enye ngakwesokudla* enye ngakwesobunxele;# waqamba engakwesokudla ngokuthi uJakini,△ engakwesobunxele wayiqamba ngokuthi uBhowazi.⊠

**4** Ngemva kwalokho wenza i-altare lethusi,[e] ubude balo buyizingalo ezingu-20, ububanzi balo buyizingalo ezingu-20, ukuphakama kwalo kuyizingalo eziyishumi.

**2** Wenza uLwandle*[f] lwensimbi. Lwaluyindilinga, lungamamitha amane ukusuka kolunye unqenqema lwalo kuya kolunye

ISAHL. 3
a 1Kh 6:3
b 1Kh 6:15, 22
c 1Kh 6:29
d 1Kh 6:21
e 1Kr 29:2, 8
f 1Kr 29:3, 4
g Eks 26:29
h Eks 26:1; 1Kh 6:29
i Eks 26:33; 1Kh 8:6; Heb 9:24
j 1Kh 6:20
k 1Kh 6:23-28
l 1Kh 8:6; 1Kr 28:18

Uhla 2
a Mat 27:51; Heb 10:19, 20
b Eks 26:31, 33
c 2Kh 25:13
d 1Kh 7:15-22; 2Kh 25:17; 2Kr 4:11-13; Jer 52:22, 23

ISAHL. 4
e Eks 38:1, 2; 1Kh 8:22
f Eks 30:20; Eks 38:8

**3:4** *Noma, “wawuyizingalo ezingu-20 ukunqamula ububanzi bendlu.” #Eminye imibhalo yesandla yasendulo ithi “kwakungu-120,” kuyilapho eminye nezinye izinguqulo zithi “kwakuyizingalo ezingu-20.” **3:8** *NgesiHebheru, “indlu.” #Ithalenta lalilingana no-34,2 kg. Bheka iSithasiselo B14. **3:9** *Ishekeli lalilingana no-11,4 g. Bheka iSithasiselo B14. **3:10** *NgesiHebheru, “endlini.” **3:16** *Noma, “amahananadi.” **3:17** *Noma, “ngaseningizimu.” *Noma, “ngasenyakatho.” #Incazelo: “Kwangathi Yena [okuwukuthi, uJehova] Angakumisa Kuqine.” △Kungenzeka kusho ukuthi “Ngamandla.” **4:2** *Noma, “ithange.”

unqenqema, ukuphakama kwa-
lo kungamamitha amabili, kwa-
kuthatha intambo yokukala
engamamitha angu-13 ukuluji-
keleza lonke.[a] **3** Kwakunemi-
hlobiso emise okwamaselwa*[b]
ngaphansi konqenqema lwa-
lo olungaphezulu iluzungezi-
le, iyishumi engalweni eyodwa
nxazonke zoLwandle. Amase-
lwa ayeyizinhlu ezimbili, kubu-
njwe kanye nalo. **4** Lwaluphe-
zu kwezinkunzi ezingu-12,[c] ezi-
ntathu zibheke enyakatho, ezi-
ntathu zibheke entshonala-
nga, ezintathu zibheke eningi-
zimu nezintathu zibheke empu-
malanga; uLwandle lwaluhlezi
phezu kwazo, zonke izinkunzi
zazilufulathele. **5** Lwalulinga-
na nobubanzi besandla* uku-
ba wugqinsi; unqenqema lwa-
lo lwalwenziwe njengonqenqe-
ma lwenkomishi, lumise okwe-
mbali yomnduze. Lwalungamu-
matha amalitha angu-66 000.#

**6** Ngaphezu kwalokho, we-
nza izindishi zokugeza, wabe-
ka ezinhlanu kwesokudla ne-
zinhlanu kwesobunxele.[d] Babe-
yakaza kuzo izinto ezazisetshe-
nziselwa umnikelo oshiswayo.[e]
Kodwa uLwandle kwakugezela
kulo abapristi.[f]

**7** Wabe esenza izinti zeziba-
ni zegolide,[g] njengoba kushiwo,[h]
wazibeka ethempelini, ezinhla-
nu ngakwesokudla nezinhlanu
ngakwesobunxele.[i]

**8** Wenza namatafula ayishu-
mi wawabeka ethempelini, ama-
hlanu ngakwesokudla namahla-
nu ngakwesobunxele;[j] wenza
izitsha zegolide ezingu-100.

**9** Wabe esenza igceke[k] laba-
pristi[l] negceke* elikhulu[m] nemi-
nyango yegceke, iminyango yalo
wayinameka ngethusi. **10** Wa-
beka uLwandle ohlangothini
olungakwesokudla, ngaseningi-
zimu-mpumalanga.[a]

**11** UHiramu wenza namaka-
ni, amahalavu nezitsha.[b]

Ngakho uHiramu wawuqeda
umsebenzi ayewenzela iNko-
si uSolomoni endlini kaNku-
lunkulu weqiniso:[c] **12** izinsi-
ka ezimbili[d] nezihloko ezimise
okwendishi ezaziphezu kwezi-
nsika ezimbili; okusasisefo
okubili[e] okumboza izihloko ezi-
mbili ezimise okwendishi ezazi-
phezu kwezinsika; **13** amaha-
lananda angu-400[f] alokhu oku-
sasisefo okubili, izinhlu ezi-
mbili zamahalananda esisefwe-
ni ngasinye ukuze zimboze izi-
hloko ezimbili ezimise okwe-
ndishi ezaziphezu kwezinsika;[g]
**14** izinqola* eziyishumi nezi-
ndishi eziyishumi phezu kwezi-
nqola;[h] **15** uLwandle nezinku-
nzi ezingu-12 ngaphansi kwalo;[i]
**16** amakani, amafosholo, izi-
mfologo[j] nazo zonke ezinye izi-
nto, uHiramu-abivi[k] wakwenze-
la iNkosi uSolomoni ngethu-
si elicwebezelayo ukuba kube
okwendlu kaJehova. **17** Inko-
si yakubumbela esifundeni sa-
seJordani endaweni ewubu-
mba phakathi kweSukoti[l] ne-
Zereda. **18** Zonke lezi zinto
uSolomoni wazenza zaba zini-
ngi kakhulu; isisindo sethusi
asizange sitholakale.[m]

**19** USolomoni wenza zo-
nke izinto[n] zendlu kaNkulunku-
lu weqiniso: i-altare legolide;[o]
amatafula[p] ayenesinkwa soku-
bukwa phezu kwawo;[q] **20** izi-
nti zezibani nezibani zazo ze-
golide elihlanzekile,[r] ukuze zi-
khanyiswe phambi kwekame-
lo elingaphakathi ngokwalokho
okwakudingeka; **21** izimbali,

**4:3** *Noma, "okwezithelo zamaselwa." **4:5** *Cishe lwalungu-7,4 cm. Bheka iSithasiselo B14. #Amabhathi angu-3 000. Ibhathi lalilingana no-22 L. Bheka iSithasiselo B14. **4:9** *Noma, "nendawo ebiyelwe."

**4:14** *Noma, "amakalishi."

ISAHL. 4
a 1Kh 7:23-26
b 1Kh 6:18
c Jer 52:20
d 1Kh 7:38, 39
e Lev 1:9; Lev 9:14
f Eks 29:4
g Eks 37:17
h 1Kr 28:12, 15
i Eks 40:24
j 2Kr 4:19
k Eks 27:9; Lev 6:16
l 1Kh 6:36
m 1Kh 7:12

Uhla 2
a 1Kh 7:39
b Eks 27:3
c 1Kh 7:40-46
d 2Kr 3:17
e 1Kh 7:17
f 1Kh 7:20
g Jer 52:22
h 1Kh 7:27, 38
i 1Kh 7:23, 25
j Eks 38:3
k 2Kr 2:13, 14
l Jos 13:27, 28
m 1Kh 7:47; 1Kr 22:3, 14; Jer 52:20
n 2Kh 24:13
o Eks 37:25, 26; IsA 8:3
p Eks 25:23, 24; 2Kr 4:8
q 1Kh 7:48-50
r Eks 25:31, 37

izibani nezindlawu* kwegolide, igolide elihlanzeke kunalo lonke; **22** izinto zokucisha umlilo, izitsha, izindebe nemicengezi yomlilo, kwegolide elihlanzekile; nomnyango wendlu, izicabha zayo zangaphakathi zeNgcwelengcwele[a] nezicabha zendlu yethempeli, kwegolide.[b]

**5** Ngakho uSolomoni wawuqeda wonke umsebenzi okwakumele awenzele indlu kaJehova.[c] Ngemva kwalokho uSolomoni wangenisa izinto uDavide uyise ayezingcwelisile,[d] wabeka isiliva, igolide nazo zonke izinto endaweni yokugcina ingcebo yendlu kaNkulunkulu weqiniso.[e] **2** Ngaleso sikhathi uSolomoni waqoqela ndawonye amadoda amadala akwa-Israyeli, zonke izinhloko zezizwe, izikhulu zemindeni yoyise yezizwe zakwa-Israyeli. Beza eJerusalema ukuze kukhushulwe umphongolo wesivumelwano sikaJehova ususwa eDolobheni LikaDavide,[f] okungukuthi, eZiyoni.[g] **3** Wonke amadoda akwa-Israyeli ahlangana phambi kwenkosi emkhosini* owenziwa ngenyanga yesikhombisa.[h]

**4** Ngakho wonke amadoda amadala akwa-Israyeli eza, amaLevi awuthwala uMphongolo.[i] **5** Akhuphula uMphongolo, itende lokuhlangana[j] nazo zonke izinto ezingcwele ezazisetendeni. Abapristi namaLevi* bakukhuphula. **6** INkosi uSolomoni nayo yonke inhlangano ka-Israyeli eyayibizelwe ukuzohlangana nayo babephambi koMphongolo. Kwenziwa imihlatshelo yezimvu nezinkomo ezinigi[a] ezingenakubalwa. **7** Ngemva kwalokho abapristi bangenisa umphongolo wesivumelwano sikaJehova endaweni yawo, bawubeka ekamelweni elingaphakathi lendlu, eNgcwelengcwele, ngaphansi kwamaphiko amakherubi.[b] **8** Ngakho amaphiko amakherubi ayelulekele endaweni yoMphongolo, amakherubi amboza uMphongolo nezinduku zawo[c] ngaphezulu. **9** Izinduku zawo zazizinde kangangokuba izihloko zazo zazibonakala eNgcwele phambi kwekamelo elingaphakathi, kodwa zazingabonakali ngaphandle. Ziselapho kuze kube namuhla. **10** Kwakungekho lutho eMphongolweni ngaphandle kwamatshe amabili ayizicaba uMose ayewafake kuwo eHorebe,[d] lapho uJehova enza isivumelwano[e] nama-Israyeli ngesikhathi ephuma eGibhithe.[f]

**11** Lapho abapristi bephuma endaweni engcwele (ngoba bonke abapristi ababekhona babezingcwelisile,[g] kungakhathaliseki ukuthi babekusiphi isigaba),[h] **12** bonke abahlabeleli bamaLevi[i] ababengabakaAsafa,[j] abakaHemani,[k] abakaJeduthuni[l] nabamadodana abo nabafowabo babegqoke indwangu esezingeni eliphezulu, bephethe amasimbali, izinsimbi zomculo ezinezintambo, namahabhu; babemi empumalanga ye-altare, kumi kanye nabo abapristi abangu-120 beshaya amacilongo.[m] **13** Lapho abashaya amacilongo nabahlabeleli bedumisa futhi bebonga uJehova ndawonye, njengoba kwakunyuka umsindo uvela emacilongweni, kumasimbali nakwezinye izinsimbi zomculo ngesikhathi bedumisa uJehova, "ngoba muhle; uthando lwakhe oluqotho luhlala kuze

---

**4:21** *Noma, "nethuluzi lazo lokucisha." **5:3** *Okuwukuthi, uMkhosi Wamadokodo. **5:5** *Noma, "Abapristi abangamaLevi."

ISAHL. 4
a 1Kh 6:31, 32
b 1Kh 6:33-35

ISAHL. 5
c 1Kh 6:38
d 1Kr 22:14
e 1Kh 7:51, 1Kr 26:26
f 2Sa 6:12, 2Kr 1:4
g 1Kh 8:1, 2, Hu 2:6
h Lev 23:34, 2Kr 7:8
i Eks 25:14, Num 4:15, 1Kh 8:3-5, 1Kr 15:2, 15
j Eks 40:35, Num 4:29, 31

Uhla 2
a 2Sa 6:13
b 1Kh 6:20, 23, 1Kh 8:6-9
c Eks 25:14
d Eks 34:1, Eks 40:20
e Eks 19:5, Eks 24:7
f Eks 19:1
g Eks 19:10, Num 8:21
h 1Kr 24:1
i 1Kr 15:16
j 1Kr 6:31, 39
k 1Kr 6:31, 33
l 1Kr 16:41, 1Kr 25:1, 6, 1Kr 25:3
m 1Kr 15:24

kube phakade,"[a] indlu yagcwa-
la ifu, yona kanye indlu kaJe-
hova.[b] **14** Abapristi abakwa-
zanga ukuma bakhonze ngenxa
yaleli fu, ngoba inkazimulo ka-
Jehova yagcwala indlu kaNku-
lunkulu weqiniso.[c]

**6** Ngaleso sikhathi uSolomoni
wathi: "UJehova wathi uzo-
hlala efwini elimnyama.[d] **2** Ma-
nje ngikwakhele indlu ephake-
me, indawo eyohlale ikhona
ukuba uhlale kuyo kuze kube
phakade."[e]

**3** Inkosi yaphenduka yabu-
sisa lonke ibandla lika-Israyeli
ngesikhathi lonke ibandla lika-
Israyeli limile.[f] **4** Yathi: "Ma-
kadunyiswe uJehova uNkulu-
nkulu ka-Israyeli, lowo ngomlo-
mo wakhe owathembisa uDa-
vide ubaba futhi okugcwalisile
ngezandla zakhe ethi, **5** 'Ku-
sukela ngosuku engakhipha
ngalo abantu bami ezweni lase-
Gibhithe, kuzo zonke izizwe za-
kwa-Israyeli angizange ngikhe-
the dolobha okuzokwakhelwa
kulo igama lami indlu uku-
ze lihlale khona,[g] futhi angi-
zange ngikhethe muntu uku-
ba abe umholi phezu kwabantu
bami u-Israyeli. **6** Kodwa ngi-
khethe iJerusalema[h] ukuze iga-
ma lami lihlale khona futhi ngi-
khethe uDavide ukuba enga-
mele abantu bami u-Israyeli.'[i]
**7** Kodwa kwakuyisifiso senhli-
ziyo kaDavide ubaba ukwakhe-
la igama likaJehova uNkulu-
nkulu ka-Israyeli indlu.[j] **8** Ko-
dwa uJehova wathi kuDavide
ubaba, 'Kwakuyisifiso senhlizi-
yo yakho ukwakhela igama
lami indlu futhi wenza kahle
ngokufisa lokhu enhliziyweni
yakho. **9** Nokho ngeke yakhi-
we nguwe indlu, kodwa indoda-
na yakho ozozalelwa yona*
yiyo ezokwakhela igama lami
indlu.'[a] **10** UJehova usigcwa-
lisile isithembiso asenza, ngo-
ba ngibe yinkosi esikhundleni
sikaDavide ubaba ngahlala esi-
hlalweni sobukhosi sika-Israye-
li,[b] njengoba nje uJehova athe-
mbisa.[c] Ngakhele negama li-
kaJehova uNkulunkulu ka-Isra-
yeli indlu, **11** ngabeka khona
uMphongolo okugcinwe kuwo
isivumelwano[d] uJehova asenza
nabantu bakwa-Israyeli."

**12** Ngemva kwalokho wama
phambi kwe-altare likaJehova
phambi kwalo lonke ibandla
lika-Israyeli, welula izandla za-
khe.[e] **13** (Ngoba uSolomoni
wayenze isiteji sethusi wayese-
sibeka maphakathi negceke.*[f]
Ubude baso babuyizingalo# ezi-
nhlanu, ububanzi baso buyizi-
ngalo ezinhlanu, ukuphakama
kwaso kuyizingalo ezintathu;
wama phezu kwaso.) Waguqa
phambi kwalo lonke ibandla
lika-Israyeli, welulela izandla
zakhe emazulwini,[g] **14** wathi:
"O Jehova Nkulunkulu ka-Isra-
yeli, akekho uNkulunkulu onje-
ngawe emazulwini noma em-
hlabeni, ugcina isivumelwano
ubonisa nothando oluqotho
ezincekwini zakho ezihamba
phambi kwakho ngayo yonke
inhliziyo yazo.[h] **15** Usigcinile
isithembiso owasenza ence-
kwini yakho uDavide ubaba.[i]
Wenza isithembiso ngomlomo
wakho, namuhla usigcwalisile
ngesandla sakho.[j] **16** Manje
Jehova Nkulunkulu ka-Israye-
li, gcina isithembiso owasenza
encekwini yakho uDavide uba-
ba lapho uthi: 'Akusoze kwe-
nzeka ukuba kungabi namuntu
wozalo lwakho oyohlala esi-
hlalweni sobukhosi sika-Isra-

---

6:9 *NgesiHebheru, "ephuma ezinkalweni zakho."

6:13 *Noma, "nendawo ebiyelwe." #Ingalo elingana no-44,5 cm. Bheka iSithasiselo B14.

---

ISAHL. 5
a 1Kr 16:34
b Eks 40:34, 35; 1Kh 8:10, 11
c 2Kr 7:1, 2; Hez 10:4; IsA 21:23

ISAHL. 6
d Eks 20:21; 1Kh 8:12, 13; Hu 97:2
e Hu 132:13, 14
f 1Kh 8:14-21
g Dut 12:5, 6
h Hu 48:1
i 2Sa 7:8; 1Kr 28:4
j 2Sa 7:2; 1Kh 5:3

Uhla 2
a 1Kr 17:4
b 1Kr 28:5; 1Kr 29:23
c 1Kr 17:11
d Eks 40:20; 1Kh 8:9
e 1Kh 8:22
f 1Kh 6:36
g 1Kh 8:54
h Dut 7:9; 1Kh 8:23-26
i 1Kh 3:6
j 2Sa 7:12, 13; 1Kr 22:10

yeli, uma nje amadodana akho
eyonaka indlela ahamba nga-
yo ngokuhamba emthethweni
wami,[a] njengoba nje wena uha-
mbile phambi kwami.'[b] **17** Ma-
nje Jehova Nkulunkulu ka-Isra-
yeli, masifezeke isithembiso
osenze encekwini yakho uDa-
vide.

**18** "Kodwa ingabe ngempela
uNkulunkulu uyohlala nesintu
emhlabeni?[c] Bheka! Amazulu,
yebo, izulu lamazulu, awakwazi
ukukuthwala;[d] kangakanani-ke
le ndlu engiyakhile![e] **19** Ma-
nje lalela umthandazo wence-
ku yakho nesicelo sayo somu-
sa, Jehova Nkulunkulu wami,
lalela ukukhalela kwayo usizo
nomthandazo inceku yakho
ewuthandaza phambi kwakho.
**20** Kwangathi amehlo akho
angayiqapha imini nobusuku le
ndlu, endaweni owathi uyobe-
ka igama lakho kuyo[f] ukuze
ulalele umthandazo inceku ya-
kho ewuthandaza ibheke kule
ndawo. **21** Yizwa ukukhalela
usizo kwenceku yakho nokwa-
bantu bakho u-Israyeli lapho
bethandaza bebheke kule nda-
wo,[g] kwangathi ungezwa use-
ndaweni yakho yokuhlala, use-
mazulwini;[h] yebo, kwangathi
ungezwa futhi uthethelele.[i]

**22** "Uma umuntu ona omu-
nye umuntu bese efungiswa,*
bese eba ngaphansi kwale-
so sifungo, kuthi ngesikha-
thi esengaphansi kwaleso sifu-
ngo# eze phambi kwe-altare la-
kho kule ndlu,[j] **23** kwangathi
ungezwa usemazulwini, utha-
the isinyathelo wahlulele izi-
nceku zakho ngokubuyisela
omubi ngakwenzile nangoku-
mjezisa ngokubi akwenzile,[a]
nangokuba uthi olungile umsu-
lwa* bese umvuza ngokulunga
kwakhe.[b]

**24** "Uma abantu bakho
u-Israyeli benqotshwa yisi-
tha ngenxa yokuthi bebelokhu
bona kuwe,[c] bese bebuya badu-
mise igama lakho,[d] bathanda-
ze[e] bacele ukuboniswa umu-
sa phambi kwakho kule ndlu,[f]
**25** kwangathi ungezwa usema-
zulwini,[g] uthethelele isono sa-
bantu bakho u-Israyeli ubabu-
yisele ezweni owalinika bona
nokhokho babo.[h]

**26** "Lapho amazulu evaleki-
le nemvula ingani[i] ngenxa yo-
kuthi bebelokhu bona kuwe,[j]
bese bethandaza bebheke kule
ndawo, badumise igama lakho,
baphenduke esonweni sabo
ngoba ubathobisile,*[k] **27** kwa-
ngathi ungezwa usemazulwini,
uthethelele isono sezinceku za-
kho, sabantu bakho u-Israye-
li, ngoba uyobafundisa indlela
enhle okufanele bahambe nga-
yo;[l] ulethe imvula[m] ezweni la-
kho olinike abantu bakho nje-
ngefa.

**28** "Uma kuba khona indla-
la ezweni[n] noma isifo esiwum-
shayabhuqe,[o] ukushisa okuha-
ngulayo, isikhunta,[p] izinkumbi
noma isikhonyane;*[q] noma uma
izitha zabo zibavimbezela ku-
noma yiliphi idolobha ezweni#[r]
noma uma kuba khona
noma yiluphi uhlobo lwenhlu-
pho noma lwesifo,[s] **29** kunga-
khathaliseki ukuthi yimuphi
umthandazo,[t] kungakhathalise-
ki ukuthi yisiphi isicelo so-
musa[u] esingase senziwe yino-
ma yimuphi umuntu noma yibo
bonke abantu bakho u-Israyeli

---

**6:22** *Okuwukuthi, isifungo esihambisana nesiqalekiso esiyisijezizo uma ofungile eqambe amanga noma esephulile leso sifungo. #NgesiHebheru, "siqalekiso."

**6:23** *NgesiHebheru, "ulungile." **6:26** *Noma, "ubajezisile." **6:28** *Noma, "izintethe." #NgesiHebheru, "ezweni lamasango akhe."

---

ISAHL. 6
*a* Hu 132:12
*b* 1Kh 2:4
*c* IzE 7:48
*d* 2Kr 2:6; Isay 40:12; IzE 17:24
*e* 1Kh 8:27-30; Isay 66:1
*f* Dut 26:2
*g* Dan 6:10
*h* 2Kh 19:20; 2Kr 30:27
*i* 2Kr 7:12-14; Mik 7:18
*j* 1Kh 8:31, 32

Uhla 2
*a* Job 34:11
*b* Isay 3:10, 11; Hez 18:20
*c* Lev 26:14, 17; Jos 7:8, 11; Hlu 2:14
*d* Dan 9:3, 19
*e* Ezr 9:5
*f* 1Kh 8:33, 34
*g* Isay 57:15
*h* Hu 106:47
*i* Lev 26:19; Dut 28:23
*j* Hez 14:13
*k* 1Kh 8:35, 36
*l* Isay 30:20, 21; Isay 54:13
*m* 1Kh 18:1
*n* Rut 1:1; 2Kh 6:25
*o* Lev 26:14, 16; Dut 28:21, 22
*p* Amo 4:9; Hag 2:17
*q* Dut 28:38; Jow 1:4
*r* 2Kr 12:2; 2Kr 32:1
*s* 1Kh 8:37-40
*t* 2Kr 20:5, 6
*u* 2Kr 33:13

(ngoba yilowo nalowo uyaya-
zi inhlupho yakhe nobuhlu-
ngu bakhe)[a] lapho belulela iza-
ndla zabo bebheke kule ndlu,[b]
**30** kwangathi ungezwa usema-
zulwini, endaweni yakho yoku-
hlala,[c] uthethelele;[d] uvuze nga-
munye ngokuvumelana nazo
zonke izindlela zakhe, ngoba
uyayazi inhliziyo yakhe (ngu-
we wedwa oyazi kahle inhli-
ziyo yomuntu),[e] **31** ukuze ba-
kwesabe ngokuhamba ezindle-
leni zakho zonke izinsuku aba-
ziphila ezweni owalinika okho-
kho bethu.

**32** "Ngokuqondene nowesi-
nye isizwe ongeyona ingxenye
yabantu bakho u-Israyeli, ove-
la ezweni elikude ngenxa ye-
gama lakho elikhulu*[f] nesandla
sakho esinamandla nengalo ya-
kho eyeluliwe, ofike athanda-
ze ebheke kule ndlu,[g] **33** kwa-
ngathi ungamlalela usemazu-
lwini, endaweni yakho yokuhla-
la, ukwenze konke lokho lowo
muntu wesinye isizwe akucela
kuwe, ukuze zonke izizwe zom-
hlaba zilazi igama lakho[h] fu-
thi zikwesabe, njengoba nje isi-
zwe sakho u-Israyeli sikwesa-
ba, zazi ukuthi igama lakho li-
bizwe kule ndlu engiyakhile.

**34** "Uma abantu bakho beya
empini beyolwa nezitha zabo
ngendlela obathuma ngayo,[i]
bese bethandaza[j] kuwe bebhe-
ke kuleli dolobha olikhethile
nakule ndlu engiyakhele igama
lakho,[k] **35** yizwa usemazulwi-
ni umthandazo wabo nesicelo
sabo somusa, ubakhiphele isa-
hlulelo.[l]

**36** "Uma bona kuwe (ngoba
akekho umuntu ongoni),[m] bese
ubathukuthelela ubanikele esi-
theni, abathumbi babo baba-
thumbe babayise ezweni eliku-
de noma eliseduze,[n] **37** bese
besanguluka besezweni abathu-
njelwe kulo, babuyele kuwe
bacele ukuba ubabonise umu-
sa ezweni abayizithunjwa kulo,
bathi, 'Sonile senza okungalu-
ngile; senze ngokukhohlakala,'[a]
**38** babuyele kuwe ngayo yonke
inhliziyo yabo[b] nangawo wonke
umphefumulo* wabo ezweni
abayizithunjwa kulo[c] abayiswa
kulo, bese bethandaza bebheke
ezweni labo owalinika okhokho
babo nasedolobheni olikhethi-
le[d] nasendlini engiyakhele iga-
ma lakho, **39** yizwa usemazu-
lwini, endaweni yakho yokuhla-
la, umthandazo wabo nesicelo
sabo sokuba ubabonise umusa,
ubakhiphele isahlulelo,[e] uthe-
thelele abantu bakho abonile
kuwe.

**40** "Manje Nkulunkulu wami
ngiyacela, kwangathi ame-
hlo akho angavuleka nezi-
ndlebe zakho zilalele umtha-
ndazo owenziwa kule ndawo.[f]
**41** Manje Jehova Nkulunkulu,
woza ungene endaweni yakho
yokuphumula,[g] wena noMpho-
ngolo wamandla akho. Abapri-
sti bakho, Jehova Nkulunkulu,
mabembathe insindiso, abaqo-
tho bakho mabajabule ngobu-
hle.[h] **42** O Jehova Nkulunku-
lu, ungamfulatheli ogcotshiwe
wakho.[i] Kwangathi ungalukhu-
mbula uthando lwakho oluqo-
tho owalubonisa uDavide ince-
ku yakho."[j]

**7** Ngokushesha nje lapho uSo-
lomoni eqeda ukuthandaza,[k]
kwehla umlilo uvela emazulwi-
ni[l] wadla umnikelo oshiswayo
nemihlatshelo, indlu yagcwala
inkazimulo kaJehova.[m] **2** Aba-
pristi abakwazanga ukungena
endlini kaJehova ngoba indlu
kaJehova yayigcwele inkazimu-
lo kaJehova.[n] **3** Bonke abantu

6:32 *Noma, "yedumela lakho."

6:38 *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

ISAHL. 6
a IzA 14:10
b Dan 6:10
c Isay 63:15
d Hu 130:4
e 1Sa 16:7; 1Kr 28:9; Jer 11:20; Jer 17:10
f Eks 12:48; Rut 1:16; 2Kh 5:15; Isay 56:6, 7; IzE 8:27
g 1Kh 8:41-43
h Hu 22:27; Hu 46:10
i Num 31:2; Jos 8:1; Hlu 1:1, 2; 1Sa 15:3
j 2Kr 14:11; 2Kr 20:5, 6
k 1Kh 8:44, 45
l Isay 37:36
m Hu 130:3; Shu 7:20; Rom 3:23
n Lev 26:34; 1Kh 8:46-50; Dan 9:7

Uhla 2
a Lev 26:40; Ezr 9:6; Neh 1:6; Hu 106:6; Dan 9:5
b 1Sa 7:3
c Dut 30:1-3; Dan 9:2, 3
d Dan 6:10
e Jer 51:36, 37
f 2Kr 7:15; 2Kr 16:9; Hu 65:2; Isay 37:17
g 1Kr 28:2
h Hu 65:4; Hu 132:8-10
i 1Kh 1:34; Hu 18:50
j IzE 13:34

ISAHL. 7
k 1Kh 8:54
l Lev 9:24; 1Kr 21:26
m Eks 40:34, 35
n 1Kh 8:11

bakwa-Israyeli babebuka lapho
kwehla umlilo nalapho inkazi-
mulo kaJehova iphezu kwe-
ndlu, baguqa ubuso babo bu-
bheke phansi base bekhothama
babonga uJehova, "ngoba mu-
hle; uthando lwakhe oluqotho
luhlala kuze kube phakade."
**4** Inkosi nabo bonke abantu
banikela imihlatshelo phambi
kukaJehova.[a] **5** INkosi uSolo-
moni yanikela umhlatshelo we-
zinkomo ezingu-22 000 nezi-
mvu ezingu-120 000. Ngakho
inkosi nabo bonke abantu bayi-
vula indlu kaNkulunkulu weqi-
niso.[b] **6** Abapristi babemi ezi-
ndaweni abasebenza kuzo, nje-
ngoba kwakunjalo nangamaLe-
vi ayephethe izinsimbi ezazise-
tshenziselwa ukuculela uJeho-
va.[c] (INkosi uDavide yayizenze-
le ukubonga uJehova lezi zinsi-
mbi zomculo—"ngoba uthando
lwakhe oluqotho luhlala kuze
kube phakade"—lapho uDavide
ayedumisa kanye nawo.*) Aba-
pristi babeshaya amacilongo
kakhulu[d] phambi kwawo, kuyi-
lapho wonke ama-Israyeli
emile.
**7** USolomoni wabe ese-
ngcwelisa indawo emaphakathi
negceke elalingaphambi kwe-
ndlu kaJehova, ngoba kwaku-
mele ayinikelele lapho iminike-
lo eshiswayo[e] namaqatha ano-
nile emihlatshelo ehlanganye-
lwayo, ngoba i-altare lethusi[f]
uSolomoni ayelenzile lalingeke
likwazi ukuthwala imihlatshe-
lo eshiswayo, iminikelo yoku-
dla okusanhlamvu[g] namaqa-
tha anonile.[h] **8** Ngaleso sikha-
thi uSolomoni wagubha um-
khosi izinsuku eziyisikhombi-
sa[i] ekanye nawo wonke u-Isra-
yeli, ibandla elikhulu kusuke-
la eLebo-hamati* kwehle kuze
kufike eMhosheni* WaseGibhi-
the.[a] **9** Kodwa ngosuku luka-
8* baba nomhlangano onesizo-
tha,[b] ngoba ukuvulwa kwe-alta-
re babekwenze izinsuku eziyi-
sikhombisa nomkhosi bewe-
nze izinsuku eziyisikhombisa.
**10** Ngosuku luka-23 lwenya-
nga yesikhombisa, wabadedela
abantu bahamba baya emakha-
ya bejabule[c] futhi beneme ezi-
nhliziyweni zabo ngenxa yobu-
hle uJehova ayebubonise uDa-
vide noSolomoni kanye no-Isra-
yeli isizwe sakhe.[d]
**11** Ngakho uSolomoni wayi-
qeda indlu kaJehova ne-
ndlu* yenkosi;[e] konke uSolo-
moni ayehlele ukukwenza ngo-
kuqondene nendlu kaJehova
kwaphumelela.[f] **12** UJehova
wabe esebonakala kuSolomo-
ni[g] ebusuku wathi kuye: "Ngi-
wuzwile umthandazo wakho,
futhi ngizikhethele le nda-
wo njengendlu yomhlatshe-
lo.[h] **13** Lapho ngivala amazu-
lu imvula ingani nalapho ngi-
yala izintethe ukuba ziqothule
izwe, nalapho ngithumela isifo
esiwumshayabhuqe phakathi
kwabantu bami, **14** uma aba-
ntu bami okubizwe kubo iga-
ma lami[i] bezithoba[j] futhi ba-
thandaze bangifune baphendu-
ke ezindleleni zabo ezimbi,[k]
ngiyozwa ngisemazulwini ngi-
thethelele isono sabo, ngilungi-
se izwe labo.[l] **15** Amehlo ami
ayovuleka nezindlebe zami zi-
lalele umthandazo kule nda-
wo.[m] **16** Manje ngikhethe le
ndlu futhi ngayingcwelisa uku-
ze igama lami libe kuyo kuze
kube phakade,[n] futhi amehlo
ami nenhliziyo yami kuyoba
kuyo ngaso sonke isikhathi.[o]

---

**7:6** *Kungenzeka kubhekiselwa kumaLevi. **7:8** *Noma, "ekuqaleni kweHamati."

**7:8** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **7:9** *Ngosuku olulandela umkhosi, noma ngosuku luka-15. **7:11** *Noma, "nesigodlo."

---

ISAHL. 7
a 1Kh 8:62, 63
b Ezr 6:16
c 1Kr 25:7; 2Kr 5:11, 12
d 2Kr 5:13
e Lev 1:3
f 2Kr 4:1
g Lev 2:1
h Lev 4:8-10; 1Kh 8:64-66
i Lev 23:34; Dut 16:13

Uhla 2
a Num 34:2, 5, 8
b Lev 23:36
c Dut 16:15
d 2Kr 6:41
e Shu 2:4
f 1Kh 9:1-3
g 2Kr 1:7
h Dut 12:5, 6; Hu 78:68
i Isay 43:10
j Lev 26:41; 2Kr 33:12, 13
k Isay 55:7
l 2Kr 6:39
m 2Kr 6:40
n Dut 12:21
o 2Kr 6:20

**17** “Uma wena uhamba pha-
mbi kwami, ngendlela uDavide
uyihlo ahamba ngayo, ngokwe-
nza konke engikuyale ngakho
nangokulalela iziqondiso neza-
hlulelo zami,[a] **18** khona-ke ngi-
yosimisa isihlalo sobukhosi ba-
kho,[b] njengoba ngenza isivume-
lwano noDavide uyihlo,[c] ngathi,
‘Akusoze kwenzeka ukuba ku-
ngabi namuntu wozalo lwa-
kho oyobusa phezu kuka-Israye-
li.’[d] **19** Kodwa uma nifulathe-
la futhi nenqaba imithetho yami
nemiyalo yami engiyibeke pha-
mbi kwenu, nihambe niyokho-
nza abanye onkulunkulu niba-
khothamele,[e] **20** ngiyomsiphu-
la u-Israyeli ezweni engimnike
lona,[f] le ndlu engiyingcwelise-
le igama lami ngiyoyisusa pha-
mbi kwami, ngiyenze inhlekisa*
nento yokuklolodelwa phaka-
thi kwazo zonke izizwe.[g] **21** Le
ndlu iyoba amanxiwa. Wonke
umuntu odlula ngakuyo uyoyi-
gqolozela emangele[h] athi, ‘Ku-
ngani uJehova enze lokhu kule-
li zwe nakule ndlu?’[i] **22** Bayo-
thi, ‘Kungenxa yokuthi bamshi-
ya uJehova[j] uNkulunkulu wo-
khokho babo owayebakhiphe
ezweni laseGibhithe,[k] bamukela
abanye onkulunkulu babakho-
thamela babakhonza.[l] Yingakho
aletha yonke le nhlekelele phe-
zu kwabo.’”[m]

**8** USolomoni wakha indlu ka-
Jehova nendlu* yakhe[n] nge-
minyaka engu-20. **2** Ngemva
kwalokho uSolomoni wawa-
kha kabusha amadolobha uHi-
ramu[o] ayemnike wona, wabe
esehlalisa ama-Israyeli* kuwo.
**3** Ngaphezu kwalokho, uSolo-
moni waya eHamati-zoba wa-
lithumba. **4** Ngemva kwalo-
kho wakha* iTadimori ehlane
nawo wonke amadolobha oku-
gcina izinto[a] awakha eHamati.[b]
**5** Wakha neBheti-horoni Eli-
ngenhla[c] neBheti-horoni Elise-
zansi,[d] amadolobha anezivike-
lo eziqinile anezindonga, ama-
sango nemigoqo, **6** neBhaha-
lati[e] kanye nawo wonke amado-
lobha kaSolomoni okugcina izi-
nto, wonke amadolobha ezi-
nqola,[f] amadolobha abagibeli
bamahhashi nanoma yini uSo-
lomoni ayefisa ukuyakha eJe-
rusalema, eLebhanoni nakulo
lonke izwe ayelibusa.

**7** Bonke abantu ababesele
kumaHeti, kuma-Amori, kuma-
Pherizi, kumaHivi nakuma-
Jebusi,[g] ababengeyona ingxe-
nye ka-Israyeli,[h] **8** inzalo yabo
eyayisele ezweni—labo ama-
Israyeli angazange abaqothu-
le[i]—uSolomoni wabayala ukuba
bamenzele umsebenzi oyimpo-
qo kuze kube namuhla.[j] **9** Ko-
dwa abekho kuma-Israyeli uSo-
lomoni abenza izigqila zomse-
benzi wakhe,[k] ngoba babenga-
maqhawe akhe, izinduna zezi-
khulu zempi, izinduna zaba-
shayeli bezinqola zakhe ne-
zabagibeli bakhe bamahhashi.[l]
**10** Kwakunezinhloko zezindu-
na ezingu-250 zeNkosi uSolo-
moni, ziphethe abantu.[m]

**11** USolomoni waletha ne-
ndodakazi kaFaro[n] eyisusa
eDolobheni LikaDavide eyile-
tha endlini ayeyakhele yona,[o]
ngoba wathi: “Nakuba engu-
mkami, akufanele ahlale endli-
ni kaDavide inkosi yakwa-Isra-
yeli, ngoba izindawo uMpho-
ngolo kaJehova osufike kuzo
zingcwele.”[p]

**12** USolomoni wabe esenike-
la imihlatshelo eshiswayo[q] eya
kuJehova e-altare[r] likaJehova
ayelakhe phambi kompheme.[s]

ISAHL. 7
a 1Kh 9:4, 5
b 2Sa 7:12, 13
c Hu 89:28, 29
d 1Kh 2:4
e Eks 20:5; 1Kh 9:6-9
f Dut 4:25, 26; 2Kh 17:20
g Dut 28:37; Jer 24:9
h 2Kr 29:8; Dan 9:12
i Dut 29:24, 25; 2Kh 25:8, 9; Jer 22:8, 9
j 2Kr 15:2
k Eks 12:51
l Isay 2:8; Jer 2:11
m 2Kr 36:17

ISAHL. 8
n 1Kh 6:37, 38; 1Kh 7:1; 1Kh 9:10
o 1Kh 5:1

Uhla 2
a 1Kh 9:17-19
b 2Kh 14:28
c Jos 16:5
d Jos 16:1, 3; 1Kr 7:24
e Jos 19:44, 48
f 1Kh 4:26
g Gen 15:18-21; Num 13:29
h 1Kh 9:20-23
i Jos 15:63; Jos 17:12
j Jos 16:10; 2Kr 2:17, 18
k Lev 25:39
l 1Sa 8:11, 12
m 1Kh 5:16; 1Kh 9:23; 2Kr 2:18
n 1Kh 3:1
o 1Kh 7:8; 1Kh 9:24
p Eks 29:43
q Lev 1:3
r 2Kr 4:1
s 1Kh 6:3

**7:20** *NgesiHebheru, “isaga.” **8:1** *Noma, “nesigodlo.” **8:2** *NgesiHebheru, “amadodana akwa-Israyeli.”

**8:4** *Noma, “wakha kabusha.”

**13** Walandela inqubo yansuku
zonke wenza iminikelo ngoko-
myalo kaMose wamaSabatha,[a]
wokwethwasa kwezinyanga[b] no-
wemikhosi emisiwe eyayenziwa
kathathu ngonyaka[c]—uMkhosi
Wesinkwa Esingenamvubelo,[d]
uMkhosi Wamasonto[e] noMkho-
si Wamadokodo.*[f] **14** Ngaphe-
zu kwalokho, wamisa iziga-
ba zabapristi[g] phezu kwezinko-
nzo zazo ngokomthetho kaDa-
vide uyise, namaLevi ezindawe-
ni asebenza kuzo, ukuba adumi-
se[h] futhi akhonze phambi kwa-
bapristi ngokwenqubo yansuku
zonke, nabalindisango ngeziga-
ba zabo zamasango ahlukahlu-
kene,[i] ngoba lo kwakungumyalo
kaDavide umuntu kaNkulunku-
lu weqiniso. **15** Abazange ba-
phambuke emyalweni wenkosi
kubapristi namaLevi ngokuqo-
ndene nanoma yiluphi udaba
noma ngokuqondene nezinqolo-
bane. **16** Ngakho wonke umse-
benzi kaSolomoni wawuhlelwe
kahle,* kusukela ngosuku okwa-
bekwa ngalo isisekelo sendlu
kaJehova[j] yaze yaphela. Ngakho
indlu kaJehova yaphela.[k]

**17** USolomoni waya ngale-
so sikhathi e-Eziyoni-gebheri[l]
nase-Eloti[m] ogwini lolwandle
ezweni lakwa-Edomi.[n] **18** UHi-
ramu[o] wamthumelela imikhu-
mbi namatilosi angomakadebo-
na ngezinceku zakhe. Baya
e-Ofiri[p] nezinceku zikaSolomo-
ni bathatha igolide elingama-
thalenta* angu-450[q] balilетha
eNkosini uSolomoni.[r]

**9** Indlovukazi yaseSheba[s] ye-
zwa umbiko ngoSolomo-
ni, ngakho yafika eJerusalema
izovivinya uSolomoni ngemibu-
zo enzima. Yayihamba nodwe-
ndwe olubabazekayo* namaka-
mela athwele amafutha ebha-
lsamu negolide elningi kakhu-
lu[a] namatshe ayigugu. Yaya ku-
Solomoni yakhuluma naye nga-
kho konke okwakusenhliziywe-
ni yayo.[b] **2** USolomoni wayi-
phendula yonke imibuzo yayo.
Ayikho into okwakunzima ka-
khulu* ngoSolomoni ukuba ayi-
chazele yona.

**3** Lapho indlovukazi yase-
Sheba isikubonile ukuhlakani-
pha kukaSolomoni,[c] indlu aye-
yakhile,[d] **4** ukudla kwetafula
lakhe,[e] indlela izinceku za-
khe ezihlala ngayo, umsebe-
nzi woweta nendlela abagqo-
ka ngayo, izinceku zakhe ezi-
letha iziphuzo nendlela ezi-
gqoka ngayo nemihlatshe-
lo yakhe eshiswayo ayeyinikela
njalo endlini kaJehova,[f] yasa-
la ibambe ongezansi.* **5** Nga-
kho yathi enkosini: "Uyiqi-
niso umbiko engawuzwa ngi-
sezweni lami ngokuphathe-
lene nezinto ozenzile* noku-
hlakanipha kwakho. **6** Kodwa
angizange ngiyikholwe imibi-
ko engayizwa kwaze kwaba
yilapho sengifikile ngazibone-
la ngawami.[g] Bheka! Kuncane
kakhulu ebengikuzwile ngoku-
hlakanipha kwakho okubaba-
zekayo.[h] Uwudlula kude ka-
khulu umbiko engiwuzwile.[i]
**7** Bayajabula abantu bakho,
ziyajabula nezinceku zakho
ezima phambi kwakho nja-
lo zilalele ukuhlakanipha
kwakho! **8** Makadunyiswe
uJehova uNkulunkulu wakho,
ojabulile ngawe, wakubeka esi-
hlalweni sakhe sobukhosi
waba yinkosi emelela uJehova

ISAHL. 8
- *a* Num 28:9
- *b* Num 28:11-15
- *c* Dut 16:16
- *d* Lev 23:6
- *e* Lev 23:15, 16
- *f* Lev 23:34
- *g* 1Kr 24:1
- *h* 1Kr 6:31, 32; 1Kr 15:16; 1Kr 16:37, 42; 1Kr 25:1
- *i* 1Kr 26:1
- *j* 1Kh 6:1
- *k* 1Kh 7:51
- *l* Num 33:1, 35; 1Kh 22:48
- *m* Dut 2:8; 2Kh 14:21, 22; 2Kh 16:6
- *n* 1Kh 9:26-28
- *o* 2Sa 5:11
- *p* 1Kh 22:48; Hu 45:9
- *q* 1Kh 10:22
- *r* Shu 2:8

ISAHL. 9
- *s* Mat 12:42; Luk 11:31

Uhla 2
- *a* Hu 72:15
- *b* 1Kh 10:1-3
- *c* 1Kh 3:28; Shu 12:9
- *d* 1Kh 10:4-9
- *e* 1Kh 4:22, 23
- *f* 2Kr 8:12, 13
- *g* Luk 11:31
- *h* Shu 1:16
- *i* 1Kh 4:31, 34; 2Kr 1:11, 12

**8:13** *Noma, "Wezindlwana Zesikhashana." **8:16** *Noma, "waqedwa." **8:18** *Ithalenta lalilingana no-34,2 kg. Bheka iSithasiselo B14.

**9:1** *Noma, "nezikhonzi zayo eziningi." **9:2** *NgesiHebheru, "Kwakungekho lutho olufihlekile." **9:4** *NgesiHebheru, "wawungasekho umoya kuyo." **9:5** *Noma, "namazwi."

uNkulunkulu wakho. Ngenxa yokuthi uNkulunkulu wakho uyamthanda u-Israyeli[a] futhi ufuna ame kuze kube phakade, ukumise waba inkosi phezu kwakhe ukuze wenze ubulungisa nokulunga."

9 Yabe isinika inkosi amathalenta* egolide angu-120,[b] amafutha ebhalsamu amaningi kakhulu namatshe ayigugu. Akuphindanga kwalethwa amafutha ebhalsamu amaningi njengalawo indlovukazi yaseSheba eyawanika iNkosi uSolomoni.[c]

10 Ngaphezu kwalokho, izinceku zikaHiramu nezinceku zikaSolomoni ezaletha igolide lase-Ofiri[d] zaletha nezingodo zom-aligamu namatshe ayigugu.[e] 11 Inkosi yenza izitebhisi zendlu kaJehova[f] nezendlu yenkosi*[g] ngezingodo zom-aligamu kanye namahabhu nezinsimbi zomculo ezinezintambo zabahlabeleli.[h] Zazingakaze zibe khona izingodo ezifana nazo ezweni lakwaJuda.

12 INkosi uSolomoni yabuye yanika indlovukazi yaseSheba konke eyayikufisa neyayikucelile, okungaphezu kwalokho* eyayikulethe enkosini. Ngemva kwalokho yaphindela ezweni layo kanye nezinceku zayo.[i]

13 Igolide elaliza kuSolomoni ngonyaka lalingamathalenta egolide angu-666,[j] 14 ngaphandle kwalelo elalilethwa abathengisi nabahwebi nawo wonke amakhosi ama-Arabhu nababusi bezwe ababeletha igolide nesiliva kuSolomoni.[k]

15 INkosi uSolomoni yenza amahawu amakhulu angu-200 egolide elixutshiwe[l] (ihawu ngalinye lalinegolide elixutshiwe elingamashekeli* angu-600)[a] 16 namahawu* angu-300 egolide elixutshiwe (ihawu ngalinye lalinegolide elingomina# abathathu). Inkosi yakubeka eNdlini Yehlathi LaseLebhanoni.[b]

17 Inkosi yenza nesihlalo sobukhosi esikhulu sezinyo lendlovu, yasinameka ngegolide elihlanzekile.[c] 18 Kwakunezitebhisi eziyisithupha eziya esihlalweni sobukhosi, kukhona nento yegolide yokubeka izinyawo ihlanganiswe nesihlalo sobukhosi, kukhona nendawo yokubeka izingalo ngapha nangapha kwesihlalo, eceleni kwalezi zindawo zokubeka izingalo kumi amabhubesi amabili.[d] 19 Kwakukhona amabhubesi angu-12[e] ayemi ezitebhisini eziyisithupha, ngalinye limi ekugcineni kwesitebhisi ngasinye. Awukho omunye umbuso owake wenza into efana naleyo. 20 Zonke izitsha zokuphuza zeNkosi uSolomoni zazenziwe ngegolide, nazo zonke izinto zeNdlu Yehlathi LaseLebhanoni zazenziwe ngegolide elihlanzekile. Kwakungekho lutho olwenziwe ngesiliva ngoba isiliva lalibhekwa njengento engelutho ezinsukwini zikaSolomoni.[f] 21 Ngoba imikhumbi yenkosi yayiya eTharishishi[g] nezinceku zikaHiramu.[h] Kanye njalo ngemva kweminyaka emithathu kwakufika imikhumbi yaseTharishishi, ithwele igolide nesiliva, izinyo lendlovu,[i] izinkawu namapigogo.

ISAHL. 9
a 2Kr 2:11
b Hu 72:10
c 1Kh 10:10
d 1Kh 9:27, 28; 1Kh 10:22; 2Kr 8:18
e 1Kh 10:11, 12
f 1Kh 6:8
g 1Kh 7:1
h 1Kr 25:1; Hu 92:3
i 1Kh 10:13
j 1Kh 10:14, 15; 2Kr 1:15; Hu 68:29; Hu 72:15
k Hu 72:10
l 2Kr 12:9

Uhla 2
a 1Kh 10:16, 17
b 1Kh 7:2
c 1Kh 10:18-20
d Gen 49:9
e Num 23:24
f 1Kh 10:21, 22; 1Kh 10:27
g Hu 72:10; Jon 1:3
h 1Kh 9:27
i 1Kh 10:18

9:9 *Ithalenta lalilingana no-34,2 kg. Bheka iSithasiselo B14. 9:11 *Noma, "nezesigodlo." 9:12 *Noma kungaba, "okungaphezu kwezipho ezilingana nenani lalokho."

9:15 *Ishekeli lalilingana no-11,4 g. Bheka iSithasiselo B14. 9:16 *Ihawu elincane elalivame ukuphathwa amasosha aphatha imicibisholo. #EmiBhalweni YesiHebheru, umina wawulingana no-570 g. Bheka iSithasiselo B14.

**22** Ngakho iNkosi uSolomoni yayinkulu ngengcebo nangokuhlakanipha kunawo wonke amanye amakhosi omhlaba.[a] **23** Amakhosi awo wonke umhlaba ayefuna ukulalela uSolomoni ukuze ezwe ukuhlakanipha kwakhe uNkulunkulu weqiniso ayekufake enhliziyweni yakhe.[b] **24** Inkosi ngayinye yayiletha isipho—izinto zesiliva, izinto zegolide, izingubo,[c] izembatho zempi, amafutha ebhalsamu, amahhashi neminyuzi—lokhu kwakwenzeka unyaka nonyaka. **25** USolomoni wayenezitebele zamahhashi ezingu-4 000, nezinqola, namahhashi* angu-12 000,[d] wakugcina kumi emadolobheni ezinqola naseduze kwenkosi eJerusalema.[e] **26** Wabusa phezu kwawo wonke amakhosi kusukela eMfuleni* kuze kufike ezweni lamaFilisti nasemngceleni waseGibhithe.[f] **27** Inkosi yenza isiliva laba liningi njengamatshe eJerusalema, nokhuni lomsedari yalwenza lwaba luningi njengezihlahla zemisikhamori eShefela.[g] **28** Babeletha amahhashi kuSolomoni evela eGibhithe[h] nakuwo wonke amanye amazwe.

**29** Ngokuqondene nawo wonke omunye umlando kaSolomoni,[i] kusukela ekuqaleni kuze kube sekugcineni, ulotshwe emazwini kaNathani[j] umprofethi, esiprofethweni sika-Ahiya[k] waseShilo nasembhalweni ogciniwe wemibono ka-Ido,[l] umboni wemibono ephathelene noJerobowamu[m] indodana kaNebhati. **30** USolomoni wabusa eJerusalema phezu kwawo wonke u-Israyeli iminyaka engu-40. **31** Ngemva kwalokho uSolomoni washona. Ngakho wangcwatshwa eDolobheni LikaDavide uyise;[a] uRehobowamu indodana yakhe waba yinkosi esikhundleni sakhe.[b]

**10** URehobowamu waya eShekemi,[c] ngoba wonke u-Israyeli wafika eShekemi ezombeka abe inkosi.[d] **2** Kwathi nje lapho uJerobowamu[e] indodana kaNebhati ezwa ngakho (wayeseseGibhithe ngoba wayebalekile ngenxa yeNkosi uSolomoni),[f] uJerobowamu wabuya eGibhithe. **3** Ngemva kwalokho bathumela bambiza, uJerobowamu nawo wonke u-Israyeli bafika kuRehobowamu, bathi: **4** "Uyihlo wenza ijoka lethu laba nzima.[g] Kodwa uma wena wenza umsebenzi onzima kayihlo ube lula, uxegisa nejoka elisindayo* alibeke phezu kwethu, sizokukhonza."

**5** Wabaphendula wathi: "Buyani kimi ngemva kwezinsuku ezintathu." Ngakho abantu bahamba.[h] **6** INkosi uRehobowamu yacela iseluleko emadodeni amadala ayekhonze uSolomoni uyise ngesikhathi esaphila, yathi: "Ningangeluleka ukuba ngisiphendule ngithini lesi sizwe?" **7** Ayiphendula athi: "Uma usiphatha kahle lesi sizwe usijabulise, usiphendule kahle, siyoba yizinceku zakho njalo."

**8** Nokho, yasenqaba iseluleko samadoda amadala, yacela iseluleko ezinsizweni ezingontanga bayo, ezaziyizikhonzi zayo.[i] **9** Yathi kuzo: "Ningeluleka ukuba ngisiphendule ngithini lesi sizwe esithe kimi, 'Lenze libe lula ijoka uyihlo alibeka phezu kwethu'?" **10** Izinsizwa ezingontanga bayo zayiphendula zathi: "Yilokhu okufanele ukusho esizweni esithe kuwe, 'Uyihlo wenza ijoka lethu laba nzima,

**9:25** *Noma, "nabagibeli bamahhashi."
**9:26** *Okuwukuthi, i-Ewufrathe.
**10:4** *Noma, "elicindezelayo."

ISAHL. 9
a 1Kh 3:12, 13; 1Kh 4:29; 1Kh 10:23-25
b 1Kh 3:28; 1Kh 4:34; 2Kr 1:12; IzA 2:6
c Mat 6:29
d Dut 17:16; 1Kh 4:26
e 1Kh 10:26
f 1Kh 4:21
g 1Kh 10:27; 1Kr 27:28
h 1Kh 10:28; 2Kr 1:16
i 1Kh 11:41-43
j 2Sa 7:2; 2Sa 12:1; 1Kh 1:8; 1Kr 29:29
k 1Kh 11:30, 31; 1Kh 14:2; 1Kh 14:6, 10
l 2Kr 12:15; 2Kr 13:22
m 1Kh 11:26

Uhla 2
a 2Sa 5:9; 1Kh 2:10
b 1Kh 14:21

ISAHL. 10
c Jos 20:7; Jos 24:1; Hlu 9:1
d 1Kh 12:1-4
e 1Kh 11:28
f 1Kh 11:40
g 1Sa 8:11-18; 1Kh 4:7
h 1Kh 12:5-7
i 1Kh 12:8-11

kodwa wena kufanele usenzele
lona libe lula'; yilokhu okufa-
nele ukusho kubo, 'Mina ngizo-
lindela okungaphezu kokwaku-
funwa ubaba.* **11** Ubaba wani-
thwesa ijoka elisindayo, kodwa
mina ngizonezela ejokeni lenu.
Ubaba wanishaya ngeziswebhu,
kodwa mina ngizonishaya ngezi-
swebhu ezinameva.'"

**12** UJerobowamu nabo bo-
nke abantu beza kuRehobowa-
mu ngosuku lwesithathu,
njengoba nje inkosi yayishi-
lo yathi: "Buyani kimi ngo-
suku lwesithathu."[a] **13** Kodwa
inkosi yabaphendula ngokhahlo.
INkosi uRehobowamu yasenqa-
ba iseluleko samadoda amadala.
**14** Yakhuluma nabo ngokwalo-
kho izinsizwa ezaziyeluleke nga-
kho, yathi: "Ngizokwenza ijoka
lenu libe nzima kakhulu, fu-
thi ngizonezela kulo. Ubaba
wanishaya ngeziswebhu, kodwa
mina ngizonishaya ngeziswebhu
ezinameva." **15** Ngakho inkosi
ayizange ibalalele abantu, ngo-
ba lokhu kwabangelwa uNkulu-
nkulu weqiniso[b] ukuze kufezeke
izwi uJehova ayelikhulume ngo-
Ahiya[c] waseShilo kuJerobowa-
mu indodana kaNebhati.

**16** Kodwa ngenxa yokuthi
inkosi ayibalalelanga, wonke
u-Israyeli wayiphendula wathi:
"Akukho okusihlanganise noDa-
vide! Asinafa endodaneni kaJe-
se. O Israyeli, yilowo nalo-
wo makaye konkulunkulu ba-
khe! Wena Davide, naka indlu
yakho!"[d] Ngakho wonke u-Isra-
yeli wabuyela emakhaya.*[e]

**17** Kodwa uRehobowamu
waqhubeka ebusa ama-Israye-
li ayehlala emadolobheni akwa-
Juda.[f]

**18** INkosi uRehobowamu
yabe isithumela uHadoramu,[a]
owayengamele labo ababebu-
thelwe ukwenza umsebenzi
oyimpoqo, kodwa ama-Israye-
li amshaya ngamatshe waze
wafa. INkosi uRehobowa-
mu yakwazi ukugibela inqola
yayo yabalekela eJerusalema.[b]
**19** Ama-Israyeli abelokhu evu-
kela indlu kaDavide kuze kube
namuhla.

**11** Lapho uRehobowamu efi-
ka eJerusalema, ngo-
kushesha wabutha indlu ka-
Juda noBhenjamini,[c] amaqha-
we aqeqeshiwe* angu-180 000
ukuba alwe no-Israyeli, uku-
ze abuyisele umbuso kuReho-
bowamu.[d] **2** Izwi likaJehova
lafika kuShemaya[e] umuntu ka-
Nkulunkulu weqiniso, lathi:
**3** "Khuluma noRehobowamu
indodana kaSolomoni inko-
si yakwaJuda no-Israyeli wo-
nke kwaJuda nakwaBhenjami-
ni uthi, **4** 'Yilokhu uJehova
akushoyo: "Akumele nikhuphu-
ke niyolwa nabafowenu. Nga-
munye wenu makabuyele endli-
ni yakhe ngoba yimi obangele
ukuba le nto yenzeke."'"[f] Nga-
kho balilalela izwi likaJehova
babuya, bangabe besamelana
noJerobowamu.

**5** URehobowamu wahlala
eJerusalema wakha amadolo-
bha anezivikelo eziqinile
kwaJuda. **6** Ngakho wakha*
iBhetlehema,[g] i-Etamu, iThe-
khowa,[h] **7** iBheti-zuri, iSo-
ko,[i] i-Adulamu,[j] **8** iGati,[k] iMa-
reshahi, iZifi,[l] **9** i-Adorayimi,
iLakishi,[m] i-Azeka,[n] **10** iZora,
i-Ajaloni[o] neHebroni,[p] amadolo-
bha anezivikelo eziqinile aye-
kwaJuda nakwaBhenjamini.
**11** Ngaphezu kwalokho, waqi-

**ISAHL. 10**
a 1Kh 12:12-15
b Dut 2:30; 2Sa 17:14
c 1Kh 11:29-31
d 1Kh 11:32
e 1Kh 12:16, 17
f 1Kh 11:35, 36

**Uhla 2**
a 2Sa 20:24; 1Kh 4:6
b 1Kh 12:18, 19

**ISAHL. 11**
c Gen 49:27; 2Kr 14:8
d 1Kh 12:21-24
e 2Kr 12:15
f 1Kh 11:31; 2Kr 10:15
g Gen 35:19; Mat 2:1
h Amo 1:1
i 2Kr 28:18
j 1Sa 22:1
k 1Kr 18:1
l 1Sa 23:14
m 2Kr 32:9
n Jos 10:10; Jer 34:7
o Jos 19:42, 48
p Jos 14:14, 15; 2Sa 2:1

**10:10** *NgesiHebheru, "Ucikicane wami uzoba mkhulu kunokhalo lukababa." **10:16** *NgesiHebheru, "ematendeni akhe."

**11:1** *NgesiHebheru, "akhethiwe." **11:6** *Noma, "waqinisa."

nisa izindawo ezinezivikelo ezi-
qinile wabeka amabutho kuzo,
wabeka kuzo ukudla nama-
futha newayini, **12** kuwo wo-
nke amadolobha ahlukahluke-
ne wabeka amahawu amakhulu
nemikhonto; wawaqinisa nge-
zinga elikhulu. UJuda noBhe-
njamini baqhubeka bengaba-
khe.

**13** Abapristi namaLevi aba-
bekulo lonke elakwa-Israye-
li baya ngasohlangothi lwa-
khe bevela kuzo zonke izinda-
wo zabo. **14** AmaLevi ashi-
ya amadlelo awo nefa lawo[a]
eza kwaJuda naseJerusale-
ma, ngoba uJerobowamu na-
madodana akhe babewayekisi-
le ukuba abapristi kuJehova.[b]
**15** UJerobowamu wabe esemi-
sa abapristi bakhe bezinda-
wo eziphakeme[c] nabamademo-
ni anjengezimbuzi*[d] nabama-
thole ayewenzile.[e] **16** Labo
abavela kuzo zonke izizwe za-
kwa-Israyeli abenza izinhliziyo
zabo zafuna uJehova uNkulu-
nkulu ka-Israyeli, babalandela
baya nabo eJerusalema beyo-
kwenzela uJehova uNkulunku-
lu wokhokho babo umhlatshe-
lo.[f] **17** Baqinisa ubukhosi ba-
kwaJuda futhi basekela uRe-
hobowamu indodana kaSolo-
moni iminyaka emithathu, ngo-
ba bahamba ngendlela kaDavi-
de noSolomoni iminyaka emi-
thathu.

**18** URehobowamu watha-
tha uMahalati waba umka-
khe. UMahalati wayeyindoda-
kazi kaJerimoti indodana ka-
Davide, futhi eyindodakazi ka-
Abhihayili indodakazi ka-Eliya-
be indodana kaJese.[g] **19** Ngo-
kuhamba kwesikhathi wa-
mzalela amadodana: uJe-
wushi, uShemariya noZaha-
mu. **20** Ngemva kwakhe, wa-
shada noMahakha umzuku-
lu ka-Absalomu.[a] Ngokuhamba
kwesikhathi wamzalela u-Abhi-
ya,[b] u-Athayi, uZiza noShelo-
moti. **21** URehobowamu wa-
yethanda uMahakha umzuku-
lu ka-Absalomu kunabo bo-
nke abanye abafazi bakhe ne-
zancinza zakhe;[c] wayenaba-
fazi abangu-18 nezancinza
ezingu-60, wazala amadodana
angu-28 namadodakazi angu-
60. **22** Ngakho uRehobowamu
wabeka u-Abhiya indodana ka-
Mahakha waba inhloko nomho-
li phakathi kwabafowabo, ngo-
ba wayefuna ukumenza inko-
si. **23** Nokho wenza ngokuqo-
nda, wathumela* amanye ama-
dodana akhe kuzo zonke izifu-
nda zakwaJuda nakwaBhenja-
mini, kuwo wonke amadolobha
anezivikelo eziqinile,[d] wawani-
ka izinto eziningi wawatholela
nabafazi abaningi.

**12** Lapho nje ubukhosi bu-
kaRehobowamu sebume
baqina[e] futhi esenamandla, wa-
wushiya uMthetho kaJehova[f]
ekanye nawo wonke u-Israyeli.
**2** Ngonyaka wesihlanu weNko-
si uRehobowamu, uShishaki[g]
inkosi yaseGibhithe wakhuphu-
ka ezolwa neJerusalema, ngoba
abathembekanga* kuJehova.
**3** Wayenezinqola ezingu-1 200,
abagibeli bamahhashi abangu-
60 000, namasosha angenaku-
balwa afika naye evela eGi-
bhithe—abaseLibhiya, amaSu-
kimi namaTopiya.[h] **4** Wathu-
mba amadolobha akwaJuda
anezivikelo eziqinile, waze wa-
gcina efike eJerusalema.

**5** UShemaya[i] umprofethi
weza kuRehobowamu nezikhu-
lu zakwaJuda ezazihlangene

ISAHL. 11
a Num 35:2, 3
b 1Kh 12:31, 32
c 1Kh 13:33
d Lev 17:7
e 1Kh 12:26, 28
f Dut 12:11; 1Kr 22:1; 2Kr 15:8, 9; 2Kr 30:10, 11
g 1Sa 16:6; 1Sa 17:13

Uhla 2
a 2Sa 13:1; 2Sa 18:33
b 1Kh 15:1; 2Kr 12:16; Mat 1:7
c Dut 17:17
d 2Kr 11:5, 11

ISAHL. 12
e 2Kr 11:17
f Dut 32:15; 2Kr 26:11, 16
g 1Kh 11:40; 1Kh 14:25
h Nah 3:9
i 1Kh 12:22-24

**11:15** *NgesiHebheru, “nabezimbuzi.”

**11:23** *Noma, “wasabalalisa.” **12:2** *Okuwukuthi, uRehobowamu no-Israyeli.

eJerusalema ngenxa kaShisha-
ki, wathi kubo: “Yilokhu uJe-
hova akushoyo, ‘Ningishiyile,
ngakho nami nginishiyele[a] esa-
ndleni sikaShishaki.’” **6** La-
pho bezwa lokho, izikhulu za-
kwa-Israyeli nenkosi bazitho-
ba[b] bathi: “UJehova ulungile.”
**7** Lapho uJehova ebona uku-
thi bayazithoba, izwi likaJe-
hova lafika kuShemaya, la-
thi: “Bazithobile. Ngeke ngi-
sababhubhisa,[c] ngesikhashana
nje ngizobasindisa. Intukuthelo
yami ngeke ngiyikhiphele eJe-
rusalema ngoShishaki. **8** Ko-
dwa bazoba izinceku zakhe,
ukuze bawazi umehluko phaka-
thi kokukhonza mina nokukho-
nza amakhosi* amanye ama-
zwe.”

**9** Ngakho uShishaki inkosi
yaseGibhithe wakhuphuka wa-
hlasela iJerusalema. Watha-
tha ingcebo yendlu kaJeho-
va[d] nengcebo yendlu yenko-
si.* Wathatha yonke into ka-
nye namahawu egolide uSo-
lomoni ayewenzile.[e] **10** Nga-
kho iNkosi uRehobowamu ye-
nza amahawu ethusi esikhu-
ndleni sawo, yawaphathisa izi-
nduna zonogada,* ababega-
da emnyango wendlu yenkosi.
**11** Kwakuthi njalo lapho inkosi
iza endlini kaJehova, onogada
bangene bawaphathe, kamuva
bawabuyisele egunjini lonoga-
da. **12** Ngenxa yokuthi inko-
si yazithoba, uJehova akaba-
nge esayithukuthelela,[f] akaza-
nge ababhubhise ngokuphele-
le.[g] Ngaphezu kwalokho, kwa-
kunezinto ezinhle ezatholakala
kwaJuda.[h]

**13** INkosi uRehobowamu ya-
qinisa isikhundla sayo eJeru-
salema futhi yaqhubeka ibusa;
uRehobowamu wayeneminyaka
engu-41 lapho eba inkosi, wa-
busa iminyaka engu-17 eJerusa-
lema, idolobha uJehova ayeli-
khethile kuzo zonke izizwe za-
kwa-Israyeli ukuba libe inda-
wo azobeka kuyo igama la-
khe. Igama likamama wenko-
si kwakunguNahama umAmoni-
kazi.[a] **14** Kodwa yenza okubi,
ngoba enhliziyweni yayo yayi-
ngazange inqume ukufuna uJe-
hova.[b]

**15** Umlando kaRehobowa-
mu, kusukela ekuqaleni kuze
kube sekugcineni, ulotshwe
emazwini kaShemaya[c] umpro-
fethi naka-Ido[d] umboni we-
mibono ngokokubhalwa kwe-
zinhlu zozalo. Kwakunezi-
mpi ezingapheli phakathi kuka-
Rehobowamu noJerobowamu.[e]
**16** Ngemva kwalokho uReho-
bowamu washona, wangcwa-
tshwa eDolobheni LikaDavi-
de;[f] u-Abhiya[g] indodana yakhe
waba yinkosi esikhundleni sa-
khe.

**13** Ngonyaka ka-18 weNko-
si uJerobowamu u-Abhi-
ya waba yinkosi kwaJuda.[h]
**2** Wabusa iminyaka emithathu
eJerusalema. Igama likanina
kwakunguMikhaya[i] indodakazi
ka-Uriyeli waseGibheya.[j] Kwa-
kunempi phakathi kuka-Abhiya
noJerobowamu.[k]

**3** Ngakho u-Abhiya waya
empini nebutho lamaqhawe
anamandla aqeqeshiwe* angu-
400 000.[l] UJerobowamu yena
wahlela amadoda aqeqeshi-
we* angu-800 000 ukuze ayo-
lwa naye, amaqhawe anama-
ndla. **4** U-Abhiya wama eNta-
beni iZemarayimi, esesifunde-
ni esinezintaba sakwa-Efrayi-
mi, wathi: “Ngizwe Jerobo-
wamu nawo wonke u-Israye-
li. **5** Anazi yini ukuthi uJe-

ISAHL. 12
a Dut 28:15; 2Kr 15:2
b 2Kr 33:10, 12
c 1Kh 21:29; 2Kr 34:26, 27
d 1Kh 7:51
e 1Kh 10:16, 17; 1Kh 14:25-28
f 2Kr 33:10, 12
g IsiL 3:22
h Gen 18:23-25; 1Kh 14:1, 13; 2Kr 19:2, 3

Uhla 2
a Dut 23:3; 1Kh 11:1; 1Kh 14:21
b 1Sa 7:3; 1Kh 18:21; Mar 12:30
c 1Kh 12:22-24
d 2Kr 9:29; 2Kr 13:22
e 1Kh 14:30, 31
f 2Sa 5:9
g Mat 1:7

ISAHL. 13
h 1Kh 15:1, 2
i 2Kr 11:20, 21
j Jos 18:28; 1Sa 10:26
k 1Kh 15:6
l 2Kr 11:1

**12:8** *NgesiHebheru, “imibuso.” **12:9** *Noma, “yesigodlo.” **12:10** *NgesiHebheru, “zabagijimi.”

**13:3** *NgesiHebheru, “akhethiwe.”

hova uNkulunkulu ka-Israyeli
wanika uDavide igunya lokubu-
sa u-Israyeli kuze kube phaka-
de,[a] yena namadodana akhe,[b]
ngesivumelwano sikasawoti?*[c]
**6** Kodwa uJerobowamu[d] indo-
dana kaNebhati, inceku yendo-
dana kaDavide uSolomoni, wa-
sukuma wadlubulunda enkosi-
ni yakhe.[e] **7** Amadoda ango-
mahlalela, angelusizo lwalutho
ayelokhu eqoqanela ngakuye.
Aba namandla ngaphezu kuka-
Rehobowamu indodana kaSo-
lomoni, ngesikhathi uRehobo-
wamu esemncane futhi eseno-
valo, akakwazanga ukumelana
nabo.

**8** "Manje nina, nicabanga
ukuthi ningamelana nombu-
so kaJehova ophethwe amado-
dana kaDavide ngoba niyisixu-
ku esikhulu futhi ninamatho-
le egolide uJerobowamu ane-
nzela wona ukuba abe onkulu-
nkulu benu.[f] **9** Anizange yini
nixoshe abapristi bakaJehova,[g]
inzalo ka-Aroni kanye nama-
Levi, futhi anizange yini nizi-
misele abenu abapristi njengo-
ba kwenza izizwe zakwamanye
amazwe?[h] Noma ubani owa-
yeza nethole leduna nezinqa-
ma eziyisikhombisa wayenga-
ba umpristi walokho okunge-
bona onkulunkulu. **10** Thina,
uJehova unguNkulunkulu we-
thu,[i] asizange simshiye; abapri-
sti bethu, inzalo ka-Aroni, ba-
khonza uJehova, namaLevi
ayasiza emsebenzini. **11** Ba-
shunqisela uJehova iminikelo
eshiswayo njalo ekuseni naku-
sihlwa[j] kanye nempepho ena-
makha,[k] izinkwa ezibekwa zi-
takelane*[l] zisetafuleni legolide
elihlanzekile, bakhanyisa uthi
lwesibani lwegolide[m] nezibani
zalo njalo kusihlwa,[a] ngoba si-
gcina isibopho sethu kuJe-
hova uNkulunkulu wethu; ko-
dwa nina nimshiyile. **12** Ma-
nje bhekani! uNkulunkulu we-
qiniso unathi, uyasihola ka-
nye nabapristi bakhe namaci-
longo awuphawu lokuzwakali-
sa inhlabamkhosi yempi ngo-
kumelene nani. O madoda
akwa-Israyeli, ningalwi noJe-
hova uNkulunkulu wokhokho
benu, ngoba ngeke niphumele-
le."[b]

**13** Kodwa uJerobowamu wa-
thumela abantu abazobahla-
sela ngemuva, kangangokuba
bona baba ngaphambi kukaJu-
da, laba bahlaseli babengemva
kwabo. **14** Lapho abakwaJu-
da bephenduka, babona uku-
thi kwakudingeka balwe na-
bantu abaqhamuka ngapha-
mbili nangemuva. Ngakho ba-
qala ukukhala kuJehova,[c] ku-
yilapho abapristi beshaya ama-
cilongo kakhulu. **15** Amadoda
akwaJuda asho isiqubulo se-
mpi, kwathi lapho ememe-
za isiqubulo sempi, uNkulu-
nkulu weqiniso wamhlula uJe-
robowamu nawo wonke u-Isra-
yeli phambi kuka-Abhiya no-
Juda. **16** Ama-Israyeli amba-
lekela uJuda, uNkulunkulu
wawanikela esandleni sakhe.
**17** U-Abhiya nabantu bakhe ba-
bulala abantu abaningi kakhu-
lu kuwo, ababulewe bakwa-
Israyeli babengamadoda aqeqe-
shiwe* angu-500 000. **18** Nga-
kho abantu bakwa-Israyeli ba-
thotshiswa ngaleso sikhathi,
kodwa abakwaJuda baba na-
mandla ngoba babencike
kuJehova uNkulunkulu wo-
khokho babo.[d] **19** U-Abhiya
wayelokhu emjaha uJerobo-
wamu wathumba amadolobha

**13:5** * Okuwukuthi, isivumelwano saphakade esingenakushintsha. **13:11** * Okuwukuthi, isinkwa sokubukwa.

**13:17** * NgesiHebheru, "akhethiwe."

**ISAHL. 13**
*a* Gen 49:10; 2Sa 7:8; Hu 78:70, 71
*b* 2Sa 7:12, 13; 1Kr 17:11, 14; Luk 1:32
*c* Hu 89:28, 29
*d* 2Kr 10:2
*e* 1Kh 11:26, 27; 1Kh 12:20
*f* 1Kh 12:26, 28; 2Kr 11:15
*g* 2Kr 11:14
*h* 1Kh 12:31, 33; 1Kh 13:33
*i* 2Kr 11:16
*j* Eks 29:39
*k* Eks 30:1
*l* Eks 25:30
*m* Eks 25:31

**Uhla 2**
*a* Eks 27:20
*b* Num 10:9
*c* 2Kr 14:11; 2Kr 18:31
*d* 2Kh 18:1, 5; 1Kr 5:20; 2Kr 16:8; Hu 22:5; Hu 37:5; Nah 1:7

kuye, iBhethele[a] namadolobha-
na angaphansi kwalo,* iJesha-
na namadolobhana angapha-
nsi kwalo, ne-Efrayini[b] nama-
dolobhana angaphansi kwalo.
**20** UJerobowamu akaphinda-
nga waba namandla ngesikha-
thi sika-Abhiya; uJehova wam-
shaya, wafa.[c]

**21** U-Abhiya waqhubeka eba
namandla. Ngokuhamba kwesi-
khathi wathatha abafazi aba-
ngu-14,[d] wazala amadodana
angu-22 namadodakazi angu-16.
**22** Wonke omunye umlando
ka-Abhiya, izenzo zakhe nama-
zwi akhe, ulotshwe emibhalwe-
ni* yomprofethi u-Ido.[e]

**14** Ngemva kwalokho u-Abhi-
ya washona, wangcwa-
tshwa eDolobheni LikaDavide;[f]
u-Asa indodana yakhe waba yi-
nkosi esikhundleni sakhe. Eku-
qaleni kokubusa kwakhe, izwe
laba nokuthula iminyaka eyi-
shumi.

**2** U-Asa wenza okuhle no-
kulungile emehlweni kaJehova
uNkulunkulu wakhe. **3** Wasu-
sa ama-altare[g] abanye onkulu-
nkulu nezindawo eziphakeme,
waphihliza izinsika ezingcwe-
le[h] wanquma nezigxobo ezi-
ngcwele.*[i] **4** Ngaphezu kwalo-
kho, watshela uJuda ukuba
afune uJehova uNkulunkulu
wokhokho bakhe nokuba agci-
ne uMthetho nomyalo. **5** Nga-
kho wasusa izindawo eziphа-
keme nezinti zezitsha zempe-
pho[j] kuwo wonke amadolobha
akwaJuda, umbuso waqhubeka
ngaphandle kweziphazamiso
ngaphansi kokubusa kwakhe.
**6** Wakha amadolobha anezivi-
kelo eziqinile kwaJuda,[k] ngoba
izwe lalingenaziphazamiso fu-
thi akukho bantu abalwa naye
phakathi nale minyaka, ngo-
ba uJehova wamnika ukuphu-
mula.[a] **7** Wathi kuJuda: “Ma-
sakhe la madolobha siwenze
azungezwe izindonga nemibho-
shongo,[b] amasango* nemigoqo.
Izwe lisesezandleni zethu ngo-
ba simfunile uJehova uNkulu-
nkulu wethu. Simfunile, yena
usinike ukuphumula kuzo zo-
nke izitha zethu ezisizungezi-
le.” Ngakho umsebenzi wabo
wokwakha waba impumelelo.[c]

**8** U-Asa wayenebutho lama-
doda akwaJuda angu-300 000,
lihlome ngamahawu amakhu-
lu nemikhonto. KwaBhenjamini
kwakunamaqhawe anamandla
angu-280 000 ayephatha ama-
hawu,* ehlome ngeminsalo.[d]

**9** Kamuva uZera umTopi-
ya waphuma eyobahlasela ene-
butho lamadoda angu-1 000 000
nezinqola ezingu-300.[e] Lapho
efika eMareshahi,[f] **10** u-Asa
waphuma wayolwa naye, ba-
lungela impi eSigodini Sase-
Zefata eMareshahi. **11** U-Asa
wabe esebiza uJehova uNkulu-
nkulu wakhe[g] wathi: “O Jeho-
va, akunandaba kuwe ukuthi
labo obasizayo baningi noma
abanamandla.[h] O Jehova Nku-
lunkulu wethu, sisize ngoba si-
thembele* kuwe,[i] sizolwa nale-
si sixuku egameni lakho.[j] O
Jehova, wena unguNkulunkulu
wethu. Ungamvumeli umuntu
ofayo abe namandla kunawe.”[k]

**12** Ngakho uJehova wawa-
hlula amaTopiya phambi kuka-
Asa naphambi kukaJuda, ama-
Topiya abaleka.[l] **13** U-Asa na-
bantu ababenaye bawajaha
baze bafika eGerari,[m] amaTo-
piya ayelokhu ewa aze afa wo-
nke, ngoba aphihlizwa uJeho-

ISAHL. 13
a 1Kh 12:28, 29
b Joh 11:54
c 1Sa 25:38 1Kh 14:20 IzE 12:21-23
d Dut 17:17
e 2Kr 9:29 2Kr 12:15

ISAHL. 14
f 2Sa 5:9
g Dut 7:5
h Eks 23:24
i 1Kh 14:22, 23 2Kh 18:1, 4
j 2Kr 34:1, 4
k 2Kr 11:5

Uhla 2
a 2Kr 15:15 IzA 16:7
b 2Kr 32:2, 5
c Hu 127:1
d 2Kr 11:1, 12 2Kr 13:3
e 2Kr 16:8
f Jos 15:20, 44 2Kr 11:5, 8
g Eks 14:10 1Kr 5:20 2Kr 32:20
h Hlu 7:7 1Sa 14:6
i 2Kr 13:12 2Kr 32:7, 8
j 1Sa 17:45 Hu 20:5 IzA 18:10
k Jos 7:9 Hu 9:19
l Dut 28:7
m Gen 20:1

**13:19** *Noma, “alizungezile.” **13:22** *Noma, “esichasiselweni.” **14:3** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**14:7** *NgesiHebheru, “izicabha ezibhangqene.” **14:8** *Ihawu elincane elivame ukuphathwa abacibi. **14:11** *NgesiHebheru, “sincike.”

va nebutho lakhe. Ngemva
kwalokho baphanga impahla
eningi kakhulu. **14** Ngaphezu
kwalokho, baqothula wonke
amadolobha azungeze iGerari,
ngoba uJehova wawenza esa-
ba lawo madolobha; bawapha-
nga wonke ngoba kwakukuni-
ngi ababengakuphanga kuwo.
**15** Bahlasela namatende alabo
ababenemfuyo, bathumba isi-
balo esikhulu semihlambi ye-
zimvu namakamela, okwathi
ngemva kwalokho babuyela
eJerusalema.

**15** Umoya kaNkulunkulu
wafika ku-Azariya indo-
dana ka-Odedi. **2** Ngakho wa-
phuma wayohlangana no-Asa
wathi kuye: "O Asa nawo wo-
nke uJuda noBhenjamini, ngi-
zweni! UJehova unani uma nje
nina niqhubeka ninaye;[a] uma
nimfuna, niyomthola,[b] kodwa
uma nimshiya naye uyonishi-
ya.[c] **3** Kwase kuyisikhathi esi-
de* u-Israyeli engenaye uNku-
lunkulu weqiniso, engena-
ye umpristi ofundisayo, enge-
nawo nomthetho.[d] **4** Kodwa
lapho ecindezelekile wabuye-
la kuJehova uNkulunkulu ka-
Israyeli, wamfuna futhi wam-
thola uNkulunkulu.[e] **5** Ngale-
zo zikhathi akekho owayeha-
mba ngokuphepha, ngoba zazi-
ziningi iziyaluyalu phakathi
kwabo bonke abantu bakula-
wo mazwe. **6** Isizwe sasicho-
tshozwa esinye isizwe, idolo-
bha lichotshozwa elinye, ngo-
ba uNkulunkulu wabagcina be-
yaluza ngazo zonke izinhlobo
zosizi.[f] **7** Kodwa nina, yibani
namandla ningadikibali,[g] ngo-
ba umsebenzi wenu uyovu-
zwa."

**8** Ngokushesha nje lapho
u-Asa ezwa la mazwi nesipro-
fetho sika-Odedi umprofethi,
waba nesibindi wasusa izithixo
ezinyanyekayo kulo lonke izwe
lakwaJuda[a] nelakwaBhenjami-
ni nasemadolobheni ayewa-
thumbe esifundeni esinezinta-
ba sakwa-Efrayimi, wabuyise-
la ne-altare likaJehova elali-
phambi kompheme kaJehova.[b]
**9** Waqoqa wonke uJuda no-
Bhenjamini nabantu bakwama-
nye amazwe ababekanye nabo
abavela kwa-Efrayimi nakwa-
Manase nakwaSimeyoni,[c] ngo-
ba babehlamukele kuye beba-
ningi besuka kwa-Israyeli la-
pho bebona ukuthi uJehova
uNkulunkulu wakhe wayenaye.
**10** Ngakho baqoqana eJerusa-
lema ngenyanga yesithathu yo-
nyaka ka-15 wokubusa kuka-
Asa. **11** Ngalolo suku benze-
la uJehova umhlatshelo nge-
mpahla ababeyiphangile, izi-
nkomo ezingu-700 nezimvu ezi-
ngu-7 000. **12** Ngaphezu kwa-
lokho, bangena esivumelwane-
ni sokufuna uJehova uNkulu-
nkulu wokhokho babo ngayo
yonke inhliziyo yabo nangawo
wonke umphefumulo* wabo.[d]
**13** Noma ubani owayengeke
amfune uJehova uNkulunkulu
ka-Israyeli kwakufanele abu-
lawe, kungakhathaliseki uku-
thi mncane noma mkhulu,
owesilisa noma owesifazane.[e]
**14** Ngakho bafunga kuJeho-
va ngezwi elikhulu, ngokume-
meza kwenjabulo nangamaci-
longo nezimpondo. **15** Wonke
uJuda wajabula ngaleso sifu-
ngo, ngoba babefunge ngenhli-
ziyo yabo yonke, bamfunisisa
bamthola,[f] uJehova waqhube-
ka ebanika ukuphumula kuzo
zonke izitha zabo ezazibazu-
ngezile.[g]

**16** INkosi u-Asa yasusa ngi-
sho nogogo wayo uMahakha[h]

---

**15:3** *NgesiHebheru, "kuyizinsuku ezi-ningi."

**15:12** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

---

**ISAHL. 15**
*a* Jak 4:8
*b* Isay 55:6
*c* 1Kr 28:9; Heb 10:38
*d* Dut 33:8, 10; 2Kr 17:8, 9; Mal 2:7
*e* Hu 106:43, 44; Isay 55:7
*f* Dut 28:15, 48
*g* Jos 1:9; 1Kr 28:20

**Uhla 2**
*a* 2Kh 23:24
*b* 2Kr 8:12
*c* 2Kr 11:16; 2Kr 30:25
*d* Dut 4:29; 2Kh 23:3; Neh 10:28, 29
*e* Eks 22:20
*f* 2Kr 15:2
*g* IzA 16:7
*h* 1Kh 15:9, 10

esikhundleni sakhe sokuba
yindlovukazi,* ngoba wayenze
isithixo esinengekayo ukuze si-
setshenziswe ekukhonzeni isi-
gxobo esingcwele.#[a] U-Asa wa-
sigawula isithixo sakhe esine-
ngekayo, wasigaya saba izi-
cucu wasishisa eSigodini Sa-
seKidroni.[b] **17** Kodwa izinda-
wo eziphakeme azizange zisu-
swe[c] kwa-Israyeli.[d] Noma ku-
njalo, inhliziyo ka-Asa yayizini-
kele ngokuphelele* konke uku-
phila# kwakhe.[e] **18** Wangenisa
endlini kaNkulunkulu weqini-
so izinto yena noyise ababeze-
nze zaba ngcwele—isiliva, igoli-
de nezinto ezihlukahlukene.[f]
**19** Impi ayizange ibe khona
kwaze kwaba unyaka ka-35 wo-
kubusa kuka-Asa.[g]

**16** Ngonyaka ka-36 wokubu-
sa kuka-Asa, uBhahasha[h]
inkosi yakwa-Israyeli wakhu-
phuka wahlasela uJuda, wa-
qala nokwakha* iRama[i] ukuze
angavumeli muntu ukuba
aphume noma angene ku-Asa
inkosi yakwaJuda.[j] **2** U-Asa
wabe esekhipha isiliva negoli-
de engcebweni yendlu kaJeho-
va[k] nendlu yenkosi* wakuthu-
mela kuBheni-hadadi inkosi ya-
seSiriya,[l] owayehlala eDamase-
ku, wathi: **3** “Kukhona isivu-
melwano phakathi kwami nawe
naphakathi kukababa noyihlo.
Ngikuthumelela isiliva negoli-
de. Woza uzophula isivume-
lwano sakho noBhahasha inko-
si yakwa-Israyeli ukuze angiye-
ke.”

**4** UBheni-hadadi wayilalela
iNkosi u-Asa wathumela izindu-
na zamabutho akhe ukuba ziyo-
lwa namadolobha akwa-Israyeli,
zanqoba i-Ijoni,[a] elakwaDani,[b]
i-Abela-mayimi nazo zonke izi-
ndawo zokugcina izinto zama-
dolobha akwaNafetali.[c] **5** La-
pho uBhahasha ezwa ngakho,
wayeka ngokushesha ukwakha*
iRama wayeka nomsebenzi aye-
wenza kulo. **6** INkosi u-Asa
yabe isithatha wonke uJuda,
bathatha amatshe nezingodo
ezaziseRama[d] uBhahasha aye-
kade akha ngakho,[e] yakha* nga-
kho iGeba[f] neMispa.[g]

**7** Ngaleso sikhathi uHana-
na[h] umboni wemibono weza
ku-Asa inkosi yakwaJuda wa-
thi kuye: “Ngenxa yokuthi
uthembele* enkosini yaseSiri-
ya wangathembela# kuJehova
uNkulunkulu wakho, ibutho le-
nkosi yaseSiriya liphunyukile
esandleni sakho.[i] **8** AmaTopi-
ya nabaseLibhiya babengelona
yini ibutho elikhulu elinezinqo-
la eziningi nabagibeli bama-
hhashi? Kodwa ngenxa yokuthi
wawethembele kuJehova, wa-
banikela esandleni sakho.[j]
**9** Amehlo kaJehova aqalaza
kuwo wonke umhlaba[k] ukuze
abonise amandla* akhe ngenxa
yalabo abanhliziyo yabo iphele-
le# kuye.[l] Wenze ngobuwula ku-
lokhu; kusukela manje kuqhu-
beke kuzoba khona izimpi ngo-
kumelene nawe.”[m]

**10** U-Asa wamcasukela um-
boni wemibono wayesemfa-
ka ejele* ngoba wayemthu-
kuthelele kakhulu ngenxa ya-
lokho ayekushilo. U-Asa wa-
qala ukuphatha kabi nabanye
abantu ngesikhathi esifanayo.
**11** Umlando ka-Asa, kusukela

ISAHL. 15
*a* Dut 13:6-9
*b* 1Kh 15:13, 14
*c* 1Kh 22:43
*d* 1Kh 14:22, 23; 2Kh 14:3, 4; 2Kh 23:19, 20
*e* 1Kh 8:61
*f* 1Kh 7:51; 1Kh 15:15; 1Kr 26:26
*g* 2Kr 14:1

ISAHL. 16
*h* 1Kh 15:25, 27
*i* Jos 18:21, 25
*j* 1Kh 15:17-19
*k* 1Kh 7:51
*l* 1Kh 20:1; 2Kh 12:18; 2Kh 16:8

Uhla 2
*a* 2Kh 15:29
*b* Hlu 18:29
*c* 1Kh 15:20-22
*d* Jos 18:21, 25
*e* 1Kh 15:17
*f* Jos 18:21, 24; 1Kr 6:60, 64
*g* Jos 18:21, 26; Hlu 20:1
*h* 1Kh 16:1; 2Kr 19:2; 2Kr 20:34
*i* Jer 17:5
*j* 2Kr 14:9, 11; Hu 37:39, 40
*k* Zak 4:10
*l* 1Pe 3:12
*m* 1Kh 15:32

**15:16** *Noma, “yinkosazane.” #Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **15:17** *Noma, “yayiphelele.” #NgesiHebheru, “izinsuku.” **16:1, 5** *Noma, “ukuqinisa; ukwakha kabusha.” **16:2** *Noma, “nesigodlo.”

**16:6** *Noma, “yaqinisa; yakha kabusha.” **16:7** *NgesiHebheru, “uncike.” #NgesiHebheru, “wangancika.” **16:9** *Noma, “ukusekela.” #Noma, “izinikele ngokuphelele.” **16:10** *NgesiHebheru, “esitokisini.”

ekuqaleni kuze kube sekugci-
neni, ulotshwe eNcwadini Ya-
makhosi AkwaJuda Nawakwa-
Israyeli.[a]
**12** Ngonyaka ka-39 wokubu-
sa kwakhe, u-Asa waqalwa isifo
sezinyawo waze wagula kakhu-
lu; ngisho nasekuguleni kwakhe
akamfunanga uJehova kodwa
wafuna abaphulukisi. **13** Nge-
mva kwalokho u-Asa washona[b]
ngonyaka ka-41 wokubusa kwa-
khe. **14** Ngakho bamngcwaba
endaweni yokungcwaba yobu-
khosi ayezilungisele yona eDo-
lobheni LikaDavide,[c] bambeka
ohlakeni olwalugcwele amafu-
tha ebhalsamu nezinhlobo ezi-
hlukahlukene zezithako ezazi-
xutshiwe ukuze kwenziwe umu-
thi wekhethelo.[d] Ngaphezu kwa-
lokho, bamenzela umlilo om-
khulu.*

**17** UJehoshafati[e] indodana
yakhe waba inkosi esi-
khundleni sakhe, waqinisa isi-
khundla sakhe phezu kuka-
Israyeli. **2** Wabeka amabutho
empi kuwo wonke amadolobha
anezivikelo eziqinile akwaJu-
da, wabeka namabutho amaso-
sha ezweni lakwaJuda nasema-
dolobheni akwa-Efrayimi u-Asa
uyise ayewathumbile.[f] **3** UJe-
hova waqhubeka enoJehosha-
fati ngoba wahamba ezindle-
leni zangaphambili zikaDavide[g]
ukhokho wakhe, akazange afu-
ne oBhali. **4** Wafuna uNku-
lunkulu kayise,[h] walandela*
umyalo wakhe, wangenza imi-
khuba ka-Israyeli.[i] **5** UJeho-
va wagcina umbuso wakhe
umi uqinile esandleni sakhe;[j]
wonke uJuda waqhubeka eni-
ka uJehoshafati izipho, waye-
nengcebo eningi nodumo olu-
khulu.[a] **6** Walandela izindlela
zikaJehova ngesibindi, wasusa
ngisho nezindawo eziphakeme[b]
nezigxobo ezingcwele*[c] kwa-
Juda.
**7** Ngonyaka wesithathu wo-
kubusa kwakhe wathumela
ukuba kubizwe izikhulu zakhe,
uBheni-hayili, u-Obadiya, uZa-
kariya, uNethaneli noMikha-
ya, ukuze ziyofundisa emadolo-
bheni akwaJuda. **8** Wathuma
kanye nazo amaLevi: uShema-
ya, uNethaniya, uZebadiya,
u-Asaheli, uShemiramoti, uJe-
honathani, u-Adoniya, uThobija
noThobi-adoniya, kanye no-Eli-
shama noJehoramu abapristi.[d]
**9** Baqala ukufundisa kwaJuda,
babephethe incwadi yoMthe-
tho kaJehova,[e] behamba wo-
nke amadolobha akwaJuda be-
fundisa phakathi kwabantu.
**10** Yonke imibuso yamazwe
eyayizungeze uJuda yamesaba
uJehova, ayizange ilwe noJe-
hoshafati. **11** AmaFilisti ale-
tha izipho nemali kuJehosha-
fati njengenkokhiso. Ama-Ara-
bhu amlethela izinqama ezi-
ngu-7 700 nezimpongo ezingu-
7 700 zivela emihlanjini yawo.
**12** UJehoshafati waqhubeka
eba mkhulu kakhulu[f] futhi wa-
qhubeka akha izindawo ezi-
nezivikelo eziqinile[g] namadolo-
bha okugcina izinto[h] kwaJuda.
**13** Wenza imisebenzi eminingi
emadolobheni akwaJuda, waye-
namasosha angamaqhawe ana-
mandla eJerusalema. **14** Aye-
hlelwe ngokwemindeni yoyise:
kwaJuda izinduna zezinkulu-
ngwane, u-Adinahi induna, ka-
nye naye kwakukhona amaqha-
we anamandla angu-300 000.[i]
**15** Ngaphansi kokulawula kwa-
khe kwakukhona uJehohana-
ni induna, kanye naye kukhona

**ISAHL. 16**
*a* 1Kh 15:23
*b* 1Kh 15:24
*c* 2Sa 5:7
*d* Mar 16:1; Luk 23:55, 56; Joh 19:40

**ISAHL. 17**
*e* 1Kh 15:24; 1Kh 22:41
*f* 2Kr 15:8
*g* 2Sa 8:15
*h* Dut 4:29; 2Kr 26:1, 5
*i* 1Kh 12:28-30; 1Kh 13:33
*j* 1Kh 9:4, 5; Hu 132:12

**Uhla 2**
*a* 2Kr 18:1
*b* 1Kh 22:42, 43
*c* Dut 7:5
*d* Dut 33:8, 10; Mal 2:7
*e* Dut 31:11; Jos 1:7, 8; Neh 8:7
*f* 2Kr 18:1
*g* 2Kr 14:2, 6
*h* 1Kh 9:19; 2Kr 8:3, 4
*i* 2Kr 13:3; 2Kr 26:11-13

**16:14** *Ngokusobala, kwakungewona owokushisa isidumbu sika-Asa kodwa kwakungowokushisa izithako. **17:4** *NgesiHebheru, "wahamba."

**17:6** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

angu-280 000. **16** Ngaphansi
kokulawula kwakhe kwakukho-
na u-Amasiya indodana kaZi-
kiri owavolontiyela ukwenza
umsebenzi kaJehova, kanye
naye kukhona amaqhawe ana-
mandla angu-200 000. **17** Kwa-
Bhenjamini[a] kwakukhona u-Eli-
yada, iqhawe elinamandla, ka-
nye naye kukhona amadoda
angu-200 000 ahlome ngomnsa-
lo nangehawu.[b] **18** Ngaphansi
kokulawula kwakhe kwakukho-
na uJehozabhadi, kanye naye
kukhona amadoda angu-180 000
ahlomele impi. **19** Laba yibo
ababekhonza inkosi ngapha-
ndle kwalabo inkosi eyababeka
emadolobheni anezivikelo eziqi-
nile kulo lonke elakwaJuda.[c]

**18** UJehoshafati wayene-
ngcebo eningi nodumo
olukhulu,[d] kodwa waganisela-
na no-Ahabi.[e] **2** Ngakho emi-
nyakeni ethile kamuva waya
ku-Ahabi eSamariya,[f] u-Ahabi
wamhlabela izimvu nezinkomo
eziningi yena nabantu ababeka-
nye naye. Wamncenga* ukuba
bakhuphuke balwe neRamoti-
gileyadi.[g] **3** U-Ahabi inkosi ya-
kwa-Israyeli wathi kuJehosha-
fati inkosi yakwaJuda: “Uzoha-
mba nami yini ukuya eRamoti-
gileyadi?” Wamphendula wathi:
“Ngizohamba nawe, mina naba-
ntu bami sizokusiza empini.”

**4** Kodwa uJehoshafati wathi
enkosini yakwa-Israyeli: “Ngi-
cela uqale ubuze ukuthi li-
thini izwi likaJehova.”[h] **5** Nga-
kho inkosi yakwa-Israyeli yaqo-
qa abaprofethi, amadoda angu-
400, yathi kubo: “Kufanele yini
silwe neRamoti-gileyadi noma
ngiyeke?” Bathi: “Hamba, uNku-
lunkulu weqiniso uzolinikela
esandleni senkosi.”

**6** UJehoshafati wabe esethi:
“Akekho yini lapha umprofethi
kaJehova?[a] Masibuze nangaye
kuNkulunkulu.”[b] **7** Inkosi ya-
kwa-Israyeli yathi kuJehosha-
fati: “Kusekhona oyedwa ose-
le[c] esingabuza uJehova ngaye;
kodwa mina ngiyamzonda ngo-
ba akwenzeki aprofethe okuhle
ngami, kodwa uhlale eprofetha
okubi.[d] NguMikhaya indodana
ka-Imla.” Nokho, uJehoshafati
wathi: “Inkosi akufanele ikhu-
lume kanjalo.”

**8** Ngakho inkosi yakwa-Isra-
yeli yabiza isikhulu segceke ya-
thi: “Phuthuma ulande uMikha-
ya indodana ka-Imla.”[e] **9** Ma-
nje inkosi yakwa-Israyeli noJe-
hoshafati inkosi yakwaJuda ba-
behlezi ezihlalweni zabo zobu-
khosi, behlezi esibuyeni esa-
ngweni laseSamariya, bevu-
nule ngezasebukhosini; bo-
nke abaprofethi beprofetha
phambi kwabo. **10** UZedekiya
indodana kaKhenahana waze-
nzela izimpondo zensimbi, wa-
thi: “Yilokhu uJehova akusho-
yo, ‘Ngalezi zimpondo uzohla-
ba amaSiriya uze uwaqothu-
le.’” **11** Bonke abanye aba-
profethi babeprofetha into
efanayo, bethi: “Khuphuke-
la eRamoti-gileyadi kuzokuha-
mbela kahle;[f] uJehova uzolini-
kela esandleni senkosi.”

**12** Ngakho isithunywa esa-
hamba sayobiza uMikhaya sa-
thi kuye: “Bonke abaprofe-
thi bakhuluma okuhle enko-
sini. Ngicela ozokusho kufane
nokwabo,[g] ukhulume okuhle.”[h]
**13** Kodwa uMikhaya wathi:
“Ngimfunge uJehova, ngizo-
sho noma yini uNkulunkulu
angitshela yona.”[i] **14** UMikha-
ya wangena enkosini, inkosi ya-
mbuza yathi: “Mikhaya, siha-
mbe yini siyolwa neRamoti-gi-
leyadi, noma ngiyeke?” Ngaso
leso sikhathi waphendula wa-
thi: “Hamba, kuzokuhambela

**ISAHL. 17**
*a* Gen 49:27
*b* 2Kr 14:8
*c* 2Kr 11:5, 23

**ISAHL. 18**
*d* 2Kr 17:5
*e* 1Kh 16:28, 33; 1Kh 21:25
*f* 1Kh 22:2-4; 2Kr 19:2
*g* Dut 4:41-43; 1Kr 6:77, 80
*h* 2Sa 2:1; 1Kh 22:5, 6

**Uhla 2**
*a* 2Kh 3:11
*b* 1Kh 22:7, 8
*c* 1Kh 18:4; 1Kh 19:9, 10
*d* Jer 38:4
*e* 1Kh 22:9-12
*f* Mik 3:5
*g* Isay 30:9, 10
*h* 1Kh 22:13-17
*i* Jer 23:28; IzE 20:27

**18:2** *Noma, “Wamnxusa.”

kahle; bazonikelwa esandleni
senu.” **15** Inkosi yathi kuye:
“Kumele ngikufungise kanga-
ki ukuba ukhulume iqiniso lo-
dwa kimi egameni likaJehova?”
**16** Ngakho wathi: “Ngibona
wonke ama-Israyeli ehlakazeki-
le ezintabeni, njengezimvu ezi-
ngenamalusi.[a] UJehova wathi:
‘Laba abananAkosi. Yilowo nalo-
wo makabuyele endlini yakhe
ngokuthula.’ ”
**17** Inkosi yakwa-Israyeli ya-
thi kuJehoshafati: “Angisho-
ngo yini kuwe ukuthi, ‘Ngeke
aprofethe izinto ezinhle ngami,
uzoprofetha okubi kodwa’?”[b]
**18** UMikhaya wabe esethi:
“Yizwani izwi likaJehova: Ngi-
bone uJehova ehlezi esihlalwe-
ni sakhe sobukhosi,[c] lonke ibu-
tho lasemazulwini[d] limi nga-
kwesokudla sakhe nangakwe-
sobunxele sakhe.[e] **19** UJeho-
va wathi, ‘Ubani ozokhohlisa
u-Ahabi inkosi yakwa-Israyeli
ukuze akhuphukele eRamoti-
gileyadi afele khona?’ Omunye
wayesho lokhu omunye esho
lokhuya. **20** Kwabe sekuso-
ndela enye ingelosi*[f] yama pha-
mbi kukaJehova yathi, ‘Mina
ngizomkhohlisa.’ UJehova wa-
thi kuyo, ‘Uzomkhohlisa ka-
njani?’ **21** Yaphendula yathi,
‘Ngizophuma, ngikhohlise aba-
profethi bakhe ukuze bakhu-
lume amanga.’ Ngakho wathi,
‘Uzomkhohlisa futhi ngaphezu
kwalokho, uzophumelela. Ha-
mba wenze kanjalo.’ **22** Yi-
ngakho laba baprofethi bekhu-
luma amanga kuwe ngoba uJe-
hova uvumele ingelosi ukuba
ibakhohlise,[g] kodwa uJehova
umemezele inhlekelele ngawe.”
**23** UZedekiya[h] indodana ka-
Khenahana wasondela washa-
ya uMikhaya[i] ngempama[j] wa-
thi: “Uqonde ukungitshela uku-
thi umoya kaJehova ungishiyi-
le mina wazokhuluma nawe?”[a]
**24** UMikhaya wathi: “Uyobona
ukuthi ukushiyile mhla unge-
na ekamelweni elingaphakathi
uyozifihla.” **25** Inkosi yakwa-
Israyeli yathi: “Thathani uMi-
khaya niye naye ku-Amoni
induna yedolobha nakuJowa-
shi indodana yenkosi. **26** Ni-
thi kubo, ‘Nakhu inkosi eku-
shoyo: “Fakani lo muntu eje-
le[b] nimnike isinkwa esincane
namanzi ngize ngibuye ngoku-
thula.” ’ ” **27** Kodwa uMikhaya
wathi: “Uma ubuye ngokuthu-
la, kuyosho ukuthi uJehova
akakhulumanga nami.”[c] Wane-
zela: “Yizwani, nonke nina ba-
ntu.”
**28** Ngakho inkosi yakwa-
Israyeli noJehoshafati inko-
si yakwaJuda bakhuphuke-
la eRamoti-gileyadi.[d] **29** Inko-
si yakwa-Israyeli manje ya-
thi kuJehoshafati: “Mina ngi-
zozifihla ngingene empini, ko-
dwa wena kufanele ugqoke
izingubo zakho zasebukhosi-
ni.” Ngakho inkosi yakwa-Isra-
yeli yazifihla, bangena empi-
ni. **30** Inkosi yaseSiriya yayi-
yale izinduna zezinqola zayo,
yathi: “Ningalwi namuntu, om-
ncane noma omkhulu, nilwe
nenkosi yakwa-Israyeli kuphe-
la.” **31** Kwathi nje lapho izi-
nduna zezinqola zibona uJe-
hoshafati, zathi: “Yinkosi ya-
kwa-Israyeli lena.” Ngakho za-
phendukela kuye ukuze zi-
lwe naye; uJehoshafati wakha-
la ecela usizo,[e] uJehova wamsi-
za, khona manjalo uNkulunku-
lu wazisusa kuye. **32** Lapho
izinduna zezinqola zibona uku-
thi kwakungeyona inkosi ya-
kwa-Israyeli, masinyane zayeka
ukumlandela.
**33** Kodwa umuntu othile

---

**18:20** *NgesiHebheru, “umoya.”

ISAHL. 18
- a Lev 26:14, 17; Num 27:16, 17
- b 1Kh 22:18
- c Isay 6:1; Hez 1:26; IsA 20:11
- d Job 1:6; Dan 7:9, 10
- e 1Kh 22:19-23
- f Hu 104:4
- g Isay 19:14; Hez 14:9
- h 2Kr 18:10
- i 2Kr 18:7
- j Jer 20:2; Mar 14:65

Uhla 2
- a 1Kh 22:24-28
- b 2Kr 16:10; IzE 5:18
- c Num 16:29
- d Jos 20:8; 1Kh 22:29-33; 2Kr 18:2
- e Eks 14:10; 2Kr 13:14

waciba ngomnsalo wakhe emoyeni,* wagwaza inkosi yakwa-Israyeli lapho kuhlangana khona ijazi layo lensimbi. Ngakho inkosi yathi kumshayeli wenqola yayo: "Phenduka ungikhiphe empini# ngoba ngilimele kabi."[a] **34** Impi yaqhubeka ibambene lonke lolo suku, inkosi yakwa-Israyeli kwadingeka ukuba bayincikise enqoleni ibheke ama-Siriya kwaze kwaba kusihlwa; yafa ekushoneni kwelanga.[b]

**19** Ngemva kwalokho uJehoshafati inkosi yakwa-Juda wabuyela ngokuphepha*[c] endlini# yakhe eJerusalema. **2** UJehu[d] indodana kaHanana[e] umboni wemibono waphuma wayohlangana naye wathi eNkosini uJehoshafati: "Ingabe kufanele usize abantu ababi,[f] futhi ingabe kufanele uthande labo abazonda uJehova?[g] Ngenxa yalokhu uJehova ukuthukuthelele. **3** Noma kunjalo, kukhona izinto ezinhle ezitholakale kuwe,[h] ngoba uzisusile izigxobo ezingcwele* ezweni walungisa nenhliziyo yakho# ukuba ifune uNkulunkulu weqiniso."[i]

**4** UJehoshafati waqhubeka ehlala eJerusalema, waphuma futhi phakathi kwabantu esuka eBheri-sheba eya esifundeni esinezintaba sakwa-Efrayimi,[j] ukuze akhuthaze abantu ukuba baphinde bakhonze uJehova uNkulunkulu wokhokho babo.[k] **5** Wamisa nabahluleli kulo lonke izwe kuwo wonke amadolobha akwaJuda anezivikelo eziqinile, edolobheni ngalinye.[l] **6** Wathi kubahluleli: "Qikelelani kwenikwenzayo ngoba anahluleleli umuntu kodwa uJehova, ukanye nani lapho nahlulela.[a] **7** Manje yesabani uJehova.[b] Qaphelani enikwenzayo ngoba kuJehova uNkulunkulu wethu akukho ukungabi nabulungisa,[c] ukukhetha nokwamukela[d] isifumbathiso."[e]

**8** EJerusalema nakhona uJehoshafati wamisa abanye kuma-Levi nakubapristi nabanye bezinhloko zemindeni yoyise zakwa-Israyeli ukuba bahlulele uJehova futhi baxazulule amacala omthetho ezakhamuzi zaseJerusalema.[f] **9** Wabayala wathi: "Yilokhu okufanele nikwenze ngokwesaba uJehova, ngokwethembeka nangenhliziyo ephelele:* **10** Noma nini lapho abafowenu abahlala emadolobheni abo beletha kini icala elihilela ukuchithwa kwegazi,[g] noma bebuza ngomthetho, ngomyalo, ngeziqondiso noma ngezahlulelo, kufanele nibaxwayise ukuze bangabi necala phambi kukaJehova; ngale kwalokho uNkulunkulu uzonithukuthelela nina nabafowenu. Yilokhu okufanele nikwenze ukuze ningabi necala. **11** Nangu u-Amariya umpristi omkhulu onengamele kuzo zonke izindaba zikaJehova.[h] UZebadiya indodana ka-Ishmayeli ungumholi wendlu kaJuda kuzo zonke izindaba zenkosi. AmaLevi wona azoba izikhulu zenu. Yibani namandla nizikhandle emsebenzini wenu, futhi uJehova makabe nalabo abenza okuhle."[i]

**20** Ngemva kwalokho, abakwaMowabi[j] nabakwa-Amoni[k] kanye nabanye kuma-Amonimi* beza bezolwa noJehoshafati. **2** Ngakho uJe-

**ISAHL. 18**
*a* 1Kh 22:34, 35
*b* 2Kr 18:22

**ISAHL. 19**
*c* 2Kr 18:31, 32
*d* 1Kh 16:1
*e* 2Kr 16:7
*f* 1Kh 21:25
*g* Hu 139:21
*h* 1Kh 14:1, 13
*i* 2Kr 17:3-6
*j* Jos 17:14, 15
*k* 2Kr 15:8
*l* Dut 16:18

**Uhla 2**
*a* Dut 1:16, 17; Hu 82:1
*b* Eks 18:21
*c* Gen 18:25; Dut 32:4
*d* IzE 10:34; Rom 2:11; 1Pe 1:17
*e* Dut 10:17; Dut 16:19
*f* Dut 17:9; Dut 21:5; Dut 25:1
*g* Dut 17:8
*h* Mal 2:7
*i* 2Kr 15:2

**ISAHL. 20**
*j* Hlu 3:14; 2Sa 8:2; Hu 83:2, 6
*k* Gen 19:36-38

**18:33** * Noma, "engahlose bubi." # NgesiHebheru, "ekamu." **19:1** * Noma, "ngokuthula." # Noma, "esigodlweni." **19:3** * Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. # Noma, "inhliziyo yakho izimisele."

**19:9** * Noma, "ezinikele ngokuphelele." **20:1** * Noma kungaba, "kumaMeyuni."

hoshafati wabikelwa kwathiwa:
“Kukhona isixuku esikhulu esi-
zolwa nawe esivela esifundeni
sasolwandle,* kwa-Edomi,[a] sila-
phaya eHazazoni-thamari, oku-
ngukuthi e-Eni-gedi.”[b] **3** La-
pho ezwa lokho uJehoshafati
wesaba, wazimisela ukuba afu-
ne uJehova.[c] Ngakho wameme-
zela ukuba wonke uJuda azile
ukudla. **4** Abantu bakwaJuda
babe sebeqoqana ukuze babu-
ze uJehova;[d] babevela kuwo
wonke amadolobha akwaJuda
bezobuza uJehova.

**5** UJehoshafati wasukuma
ebandleni lakwaJuda nelase-
Jerusalema endlini kaJeho-
va phambi kwegceke elisha,
**6** wathi:

“O Jehova Nkulunkulu wo-
khokho bethu, awuyena
yini uNkulunkulu emazulwini;[e]
awubusi yini phezu kwayo yo-
nke imibuso yezizwe?[f] Esandle-
ni sakho kukhona amandla no-
bukhulu, akukho muntu onga-
melana nawe.[g] **7** O Nkulunku-
lu wethu, awuzange yini uba-
xoshe abakhe kuleli zwe pha-
mbi kwabantu bakho u-Israyeli
wawusulinika inzalo* ka-Abra-
hama umngani wakho laba
elayo unomphela?[h] **8** Yahlala
kulo, yakha kulo indlu engcwe-
le yegama lakho,[i] ithi, **9** ‘Uma
kungenzeka sehlelwe inhleke-
lele, kungaba ngenkemba, nge-
sahlulelo esibi, ngesifo esi-
wumshayabhuqe noma nge-
ndlala, masime phambi kwale
ndlu naphambi kwakho (ngo-
ba igama lakho likule ndlu),[j] si-
cele usisize osizini lwethu, fu-
thi kwangathi ungezwa usisi-
ndise.’[k] **10** Manje naba abantu
bakwa-Amoni, abakwaMowabi
nabesifunda esinezintaba sa-
seSeyiri,[l] ongazange umvu-
mele u-Israyeli ukuba aba-
hlasele lapho ephuma ezweni
laseGibhithe. U-Israyeli wasu-
ka kubo, akabaqothulanga.[a]
**11** Manje sebesivuza ngokuza
bazosixosha ezweni lakho owa-
sinika lona laba yifa lethu.[b]
**12** O Nkulunkulu wethu, nge-
ke yini ubahlulele?[c] Ngoba asi-
namandla phambi kwalesi si-
xuku esikhulu esizolwa nathi;[d]
asazi nokuthi yini okufane-
le siyenze, kodwa amehlo ethu
abheke kuwe.”[e]

**13** Phakathi naleso sikha-
thi bonke abakwaJuda babe-
mi phambi kukaJehova kanye
nomkabo, izingane* zabo naba-
ncane babo.

**14** Phakathi kwebandla,
umoya kaJehova waba phe-
zu kukaJahaziyeli indodana ka-
Zakariya indodana kaBhena-
ya indodana kaJeheyeli indoda-
na kaMathaniya umLevi waba-
ntwana bakwa-Asafa. **15** Wa-
thi: “Lalela, wena Juda wo-
nke nani enakhe eJerusalema
nawe Nkosi Jehoshafati! Na-
khu uJehova akushoyo kini,
‘Ningesabi noma nethuke nge-
nxa yalesi sixuku esikhulu ngo-
ba impi akuyona eyenu kodwa
ekaNkulunkulu.[f] **16** Kusasa
yehlani nimelane naso. Sikhu-
phuka phakathi kwezintaba za-
seZizi, nizosithola ekupheleni
kwesigodi* phambi kwehlane
laseJeruweli. **17** Ngeke kudi-
ngeke ukuba nina nilwe kule
mpi. Yimani ezindaweni zenu
ninganyakazi,[g] nibone insindi-
so uJehova azonenzela yona.*[h]
O Juda nawe Jerusalema, ni-
ngesabi noma nethuke.[i] Kusasa
phumani nimelane naso, uJe-
hova uzoba nani.’ ”[j]

**20:2** *Ngokusobala, uLwandle Olubomvu. **20:7** *NgesiHebheru, “imbewu.”

**20:13** *NgesiHebheru, “amadodana.” **20:16** *Noma, “komhosha.” **20:17** *Noma, “nibone indlela uJehova azonisindisa ngayo.”

**ISAHL. 20**
- a Jos 15:1
- b Jos 15:20, 62
- c 2Kr 19:1, 3
- d Dut 4:29-31
- e 1Kh 8:23; Mat 6:9
- f 1Kr 29:11; Dan 4:17
- g 1Kr 29:12; Isay 40:15, 17; Dan 4:35
- h Gen 12:7; Neh 9:7, 8; Isay 41:8; Jak 2:23
- i 2Kr 2:4
- j 2Kr 6:20
- k 1Kh 8:33, 34; 2Kr 6:28-30
- l Gen 36:8

**Uhla 2**
- a Num 20:17, 18; Dut 2:5, 9, 19
- b Hlu 11:23, 24; Hu 83:2, 4
- c Hlu 11:27, 28; Hu 7:6
- d 2Kh 6:15, 16
- e 2Kr 14:11; Hu 25:15; Hu 62:1
- f Dut 1:29, 30; Jos 11:4, 6; 2Kr 32:7, 8
- g Isay 30:15
- h Eks 14:13, 14; Eks 15:2; 1Sa 2:1; 1Kr 16:23; IsiL 3:26
- i Dut 31:8; Jos 10:25
- j Num 14:9; 2Kr 15:2

**18** Khona manjalo uJeho-
shafati wakhothama ubuso ba-
khe bubheke phansi, wonke
uJuda nabakhe eJerusalema
bawa phansi phambi kukaJe-
hova ukuze bakhonze uJehova.
**19** AmaLevi ayinzalo yamaKo-
hati[a] namaKhora basukuma ba-
dumisa uJehova uNkulunkulu
ka-Israyeli ngezwi elikhulu ka-
khulu.[b]

**20** Ngakusasa bavuka eku-
seni kakhulu baya ehlane la-
seThekhowa.[c] Njengoba bephu-
ma, uJehoshafati wasukuma
wathi: "Ngilaleleni Juda nani
enakhe eJerusalema! Yibani
nokholo kuJehova uNkulunku-
lu wenu ukuze nikwazi ukuma
niqine.* Yibani nokholo kuba-
profethi bakhe,[d] kanjalo niyo-
phumelela."

**21** Ngemva kokucebisana
nabantu, wamisa abantu abazo-
hlabelelela[e] uJehova, bamdu-
mise begqoke izingubo ezi-
ngcwele njengoba behamba
phambi kwamadoda ahlomile,
bethi: "Bongani uJehova ngoba
uthando lwakhe oluqotho lu-
hlala phakade."[f]

**22** Ngesikhathi beqala uku-
hlabelela ngenjabulo, uJeho-
va wabeka amadoda ayezohla-
sela abantu bakwa-Amoni, aba-
kwaMowabi nabesifunda esine-
zintaba saseSeyiri ababehlase-
la uJuda, bashayana bodwa.[g]
**23** Abakwa-Amoni nabakwa-
Mowabi bajikela abakhe esifu-
ndeni esinezintaba saseSeyiri[h]
ukuze bababulale babaqothu-
le; lapho sebeqedile ngabakhe
eSeyiri, babulalana bodwa.[i]

**24** Kodwa lapho uJuda efi-
ka enqabeni yokuqapha yase-
hlane[j] ebheka isixuku, wabona
izidumbu zaso zidindilizile em-
hlabathini;[k] kwakungekho mu-
ntu osindile. **25** Ngakho uJe-
hoshafati nabantu bakhe beza
bezothatha izimpahla zaso, ba-
thola phakathi kwaso kune-
nqwaba yezimpahla, izingubo
nezinto ezifiselekayo, bazitha-
thela zona kwaze kwaba yila-
pho bengasakwazi ukuthatha
okwengeziwe.[a] Kwathatha izi-
nsuku ezintathu ukuthatha izi-
mpahla eziphangiwe ngoba za-
ziningi kakhulu. **26** Ngosuku
lwesine babuthana ndawonye
eSigodini* SaseBherakha, ngo-
ba badumisa# uJehova lapho.
Yingakho baqamba leyo nda-
wo ngokuthi iSigodi SaseBhe-
rakha△[b]—kuze kube namuhla.

**27** Ngemva kwalokho wo-
nke amadoda akwaJuda nase-
Jerusalema, eholwa uJehosha-
fati, abuyela eJerusalema eja-
bule ngoba uJehova wayewe-
nze ajabula ngezitha zawo.[c]
**28** Ngakho afika eJerusalema
eshaya izinsimbi zomculo ezi-
nezintambo, amahabhu[d] nama-
cilongo,[e] angena endlini kaJe-
hova.[f] **29** Yonke imibuso ya-
mazwe yamesaba uNkulunku-
lu lapho izwa ukuthi uJehova
wayelwe nezitha zika-Israyeli.[g]
**30** Ngakho umbuso kaJeho-
shafati awubanga naziphazami-
so, uNkulunkulu wakhe waqhu-
beka emnika ukuphumula kuzo
zonke izitha zakhe ezazimzu-
ngezile.[h]

**31** UJehoshafati waqhube-
ka ebusa uJuda. Wayeneminya-
ka engu-35 lapho eba inko-
si futhi wabusa iminyaka engu-
25 eJerusalema. Igama likani-
na kwakungu-Azuba indoda-
kazi kaShilihi.[i] **32** Waqhube-
ka ehamba endleleni kayi-
se u-Asa.[j] Akazange aphambu-
ke kuyo, wenza okulungile

**20:20** *Noma, "ukukhuthazela."

**20:26** *Noma, "eThafeni Eliphansi." #NgesiHebheru, "babusisa." △Incazelo: "Isibusiso."

ISAHL. 20
a 1Kr 23:12
b 1Kr 15:16
c 2Kr 11:5, 6
d Eks 14:31; Eks 19:9
e 1Kr 15:16
f Eks 34:6
g Hlu 7:22; 1Sa 14:20
h Dut 2:5
i Eks 14:25; Hez 38:21
j 2Kr 20:16
k Eks 14:30; Hu 110:5, 6; Isay 37:36

Uhla 2
a Eks 12:35; 2Kh 7:15, 16
b Eks 17:14, 15; 1Sa 7:12
c 1Sa 2:1; Hu 20:5; Hu 30:1
d 2Sa 6:5; 1Kr 16:5
e Num 10:8; 1Kr 13:8; 2Kr 29:26
f Hu 116:19
g Eks 15:13, 14; Jos 9:3, 9; 2Kr 17:10
h Jos 23:1; 2Sa 7:1; 2Kr 15:15
i 1Kh 22:41, 42
j 1Kh 15:11

emehlweni kaJehova.[a] **33** No-
kho izindawo eziphakeme azi-
zange zisuswe,[b] nabantu babe-
ngazange bayilungisele uNku-
lunkulu wokhokho babo inhli-
ziyo yabo.[c]

**34** Ngokuqondene nawo wo-
nke omunye umlando kaJe-
hoshafati, kusukela ekuqale-
ni kuze kube sekugcine-
ni, ulotshwe emazwini kaJe-
hu[d] indodana kaHanana,[e]
afakwa eNcwadini Yamakho-
si Akwa-Israyeli. **35** Ngemva
kwalokhu, uJehoshafati inko-
si yakwaJuda wabambisana no-
Ahaziya inkosi yakwa-Israye-
li, owenza ngendlela ekhohla-
kele.[f] **36** Ngakho wabambisa-
na naye ekwakheni imikhumbi
eya eTharishishi,[g] bayakhela
e-Eziyoni-gebheri.[h] **37** Nokho,
u-Eliyezeri indodana kaDoda-
vahu waseMaresha waprofe-
tha ngokumelene noJehosha-
fati, wathi: "Ngenxa yokuthi
ubambisane no-Ahaziya, uJe-
hova uzoyibhidliza imisebenzi
yakho."[i] Ngakho imikhumbi ya-
phihlizeka,[j] yangabe isakwazi
ukuya eTharishishi.

**21** Ngemva kwalokho uJe-
hoshafati walala nokho-
kho bakhe wangcwatshwa no-
khokho bakhe eDolobheni Li-
kaDavide; uJehoramu indoda-
na yakhe waba inkosi esikhu-
ndleni sakhe.[k] **2** Abafowa-
bo, amadodana kaJehoshafati,
kwakungu-Azariya, uJehiyeli,
uZakariya, u-Azariya, uMikaye-
li noShefathiya; bonke laba ba-
bengamadodana kaJehoshafati
inkosi yakwa-Israyeli. **3** Uyise
wayebanike izipho eziningi ze-
siliva negolide nezinto eziyigu-
gu kanye namadolobha anezi-
vikelo eziqinile kwaJuda;[l] ko-
dwa umbuso wawunika uJeho-
ramu[m] ngoba wayeyizibulo.

**4** Lapho uJehoramu esebu-
sa embusweni kayise, waqi-
nisa isikhundla sakhe ngoku-
bulala bonke abafowabo[a] nge-
nkemba, kanye nezinye izi-
khulu zakwa-Israyeli. **5** UJe-
horamu wayeneminyaka engu-
32 lapho eba inkosi, wabusa
iminyaka engu-8 eJerusalema.[b]
**6** Wahamba endleleni yama-
khosi akwa-Israyeli,[c] njengoba
nje babenzile abendlu ka-Aha-
bi, ngoba wayeshade nendo-
dakazi ka-Ahabi;[d] waqhubeka
enza okubi emehlweni kaJe-
hova. **7** Kodwa uJehova aka-
funanga ukuyichitha indlu ka-
Davide ngenxa yesivumelwa-
no ayesenze noDavide,[e] ngo-
ba wayemthembise ukuthi kwa-
kuyohlale kubusa inzalo yakhe
eJerusalema.[f]

**8** Ezinsukwini zakhe u-Edo-
mi wavukela uJuda[g] wayesebe-
ka eyakhe inkosi.[h] **9** Ngakho
uJehoramu nezinduna zakhe
bawela nazo zonke izinqola za-
khe, wavuka ebusuku wanqo-
ba ama-Edomi ayemhaqile ne-
zinduna zezinqola. **10** Kodwa
u-Edomi akazange ayeke uku-
vukela uJuda kuze kube na-
muhla. ILibhina[i] nalo laqala
ngaleso sikhathi ukumvuke-
la ngoba wayeshiye uJeho-
va uNkulunkulu wokhokho ba-
khe.[j] **11** Wayenze nezindawo
eziphakeme[k] ezintabeni zakwa-
Juda ukuze abangele abakhe
eJerusalema ukuba bangathe-
mbeki kuNkulunkulu,* wapha-
mbukisa uJuda.

**12** Ekugcineni kwafika kuye
umyalezo obhaliwe uvela ku-Eli-
ya[l] umprofethi, uthi: "Yilokhu
uJehova uNkulunkulu kaDavi-
de ukhokho wakho akushoyo,
'Awuhambanga ezindleleni zi-
kaJehoshafati[m] uyihlo noma
ezindleleni zika-Asa[n] inkosi ya-
kwaJuda. **13** Kodwa uhamba

ISAHL. 20
*a* 2Kr 17:3, 4; 2Kr 19:2, 3
*b* 1Kh 15:14; 1Kh 22:43; 2Kr 17:1, 6
*c* 1Kh 18:21
*d* 1Kh 16:1; 2Kr 19:2
*e* 2Kr 16:7
*f* 2Kh 1:2, 16
*g* 1Kh 10:22, 23
*h* Num 33:1, 35; Dut 2:8; 1Kh 9:26
*i* 2Kr 19:2; Hu 127:1
*j* 1Kh 22:48

ISAHL. 21
*k* 1Kh 22:50
*l* 2Kr 11:5, 23
*m* 2Kh 8:16

Uhla 2
*a* Hlu 9:5, 6
*b* 2Kh 8:17-19
*c* 1Kh 14:7, 9; Hos 4:1
*d* 2Kr 22:2; Neh 13:26
*e* 2Sa 23:5; Hu 89:20, 28; Jer 33:20, 21
*f* 2Sa 7:12, 16; 1Kh 11:36; Hu 132:11
*g* Gen 27:40
*h* 1Kh 22:47; 2Kh 8:20-22
*i* Jos 21:13; 2Kh 19:8
*j* 2Kr 15:2; Jer 2:13
*k* Dut 12:2
*l* 2Kh 2:1, 11
*m* 2Kr 17:3
*n* 1Kh 15:11; 2Kr 14:2, 5

**21:11** *Noma, "bakhonze abanye onkulunkulu."

endleleni yamakhosi akwa-Israyeli[a] futhi ubangela uJuda nabakhe eJerusalema ukuba bangathembeki kuNkulunkulu*[b] njengokungathembeki kuNkulunkulu okwenziwa indlu ka-Ahabi,[c] waze wabulala ngisho nabafowenu,[d] indlu kayihlo, abangcono kunawe. **14** Ngakho uJehova ushaya abantu bakho, amadodana akho, abafazi bakho nazo zonke izinto zakho ngegalelo elikhulu. **15** Uyophathwa izifo ezininingi, kuhlanganise nesifo samathumbu, amathumbu akho aze aphumele ngaphandle ngenxa yalesi sifo, usuku nosuku.'”

**16** UJehova wabe esenza[e] ukuba uJehoramu avukelwe amaFilisti*[f] nama-Arabhu[g] ayeseduze kwamaTopiya. **17** Ngakho ahlasela kwaJuda angena ngendluzula athatha zonke izimpahla ezatholakala endlini yenkosi,*[h] kanye namadodana ayo nomkayo; yashiyelwa uJehowahazi#[i] kuphela, indodana yayo encane kunawo wonke. **18** Ngemva kwakho konke lokhu, uJehova wayishaya ngesifo samathumbu esingalapheki.[j] **19** Ngemva kwesikhathi, sekudlule iminyaka emibili egcwele, amathumbu ayo aphumela ngaphandle ngenxa yalesi sifo, lesi sifo sayihlupha kakhulu yaze yashona; abantu bayo abazange bayenzele umlilo omkhulu wokuyihlonipha njengomlilo omkhulu owawenzelwa okhokho bayo.[k] **20** Yayineminyaka engu-32 lapho iba inkosi, yabusa iminyaka engu-8 eJerusalema. Akekho owadabuka lapho ishona. Bayingcwaba eDolobheni LikaDavide,[a] kodwa hhayi emangcwabeni amakhosi.[b]

**22** Ngemva kwalokho, abakhe eJerusalema babeka u-Ahaziya indodana kaJehoramu encane kunawo wonke ukuba abe inkosi esikhundleni sakhe, ngoba iviyo labaphangi eleza nama-Arabhu ekamu laliwabulele wonke amadodana akhe amadala.[c] Ngakho u-Ahaziya indodana kaJehoramu waqala ukubusa kwaJuda.[d] **2** U-Ahaziya wayeneminyaka engu-22 lapho eba inkosi, wabusa unyaka owodwa eJerusalema. Igama likanina kwakungu-Athaliya[e] umzukulu* ka-Omri.[f]

**3** Naye wahamba ezindleleni zendlu ka-Ahabi,[g] ngoba unina waba umeluleki wakhe ekwenzeni ngokukhohlakala. **4** Waqhubeka enza okubi emehlweni kaJehova, njengoba kwakwenza indlu ka-Ahabi, ngoba yaba umeluleki wakhe ngemva kokufa kukayise, kwaba ukuchithwa kwakhe. **5** Wahamba ngeseluleko sayo, wahamba noJehoramu indodana ka-Ahabi inkosi yakwa-Israyeli eyokulwa noHazayeli[h] inkosi yase-Siriya eRamoti-gileyadi,[i] lapho abacibisheli balimaza khona uJehoramu. **6** Wabuyela eJizreyeli[j] ukuze kuphole amanxeba ayewathole eRama ngesikhathi elwa noHazayeli inkosi yase-Siriya.[k]

U-Ahaziya* indodana kaJehoramu[l] inkosi yakwaJuda wehla waya eJizreyeli eyobona uJehoramu[m] indodana ka-Ahabi, ngoba wayelimele.#[n] **7** Ko-

**21:13** *Noma, “bakhonze abanye onkulunkulu.” **21:16** *NgesiHebheru, “umoya wamaFilisti.” **21:17** *Noma, “esigodlweni.” #Ubizwa nangokuthi u-Ahaziya.

**22:2** *NgesiHebheru, “indodakazi.” **22:6** *Kweminye imibhalo yesandla yesiHebheru “u-Azariya.” #Noma, “wayegula.”

**ISAHL. 21**
- *a* 1Kh 16:25, 33
- *b* Eks 34:15; Jer 3:8
- *c* 2Kh 9:22
- *d* 2Kr 21:4
- *e* 1Kh 11:14; 2Kr 33:11; Isay 10:5
- *f* Jos 13:1, 2; 2Sa 8:1
- *g* 2Kr 17:11
- *h* 1Kh 14:25, 26
- *i* 2Kr 22:1
- *j* IzE 12:21-23
- *k* 2Kr 16:13, 14; Jer 34:4, 5

**Uhla 2**
- *a* 1Kh 2:10
- *b* 2Kr 24:24, 25; 2Kr 28:27

**ISAHL. 22**
- *c* 2Kr 21:16, 17
- *d* 2Kh 8:24-26
- *e* 2Kh 11:1; 2Kh 11:13, 16; 2Kr 24:7
- *f* 1Kh 16:28
- *g* 1Kh 16:33; 2Kh 8:27, 28; Mik 6:16
- *h* 2Kh 8:15; 2Kh 10:32
- *i* 1Kh 22:3; 2Kr 18:14
- *j* Jos 19:18, 23
- *k* 2Kh 9:15
- *l* 2Kh 8:16
- *m* 2Kh 3:1
- *n* 2Kh 9:16

dwa uNkulunkulu wabangela ukuba u-Ahaziya awe ngokuza kwakhe kuJehoramu; lapho efika waphuma noJehoramu bayohlangana noJehu[a] umzukulu* kaNimshi, uJehova ayemgcobe ukuba aqothule# indlu ka-Ahabi.[b] **8** Lapho uJehu eqala ukukhipha isahlulelo endlini ka-Ahabi, wathola izikhulu zakwaJuda namadodana abafowabo baka-Ahaziya, izikhonzi zika-Ahaziya, wababulala.[c] **9** Wabe esefuna u-Ahaziya; bambamba lapho ayecashe khona eSamariya, bamletha kuJehu. Bambulala bamngcwaba,[d] ngoba bathi: “Ungumzukulu kaJehoshafati, owafuna uJehova ngayo yonke inhliziyo yakhe.”[e] Kwakungekho muntu wendlu ka-Ahaziya owayenamandla okubusa.

**10** Lapho u-Athaliya[f] unina ka-Ahaziya ebona ukuthi indodana yakhe ifile, wabulala yonke inzalo yasebukhosini* yendlu yakwaJuda.[g] **11** Nokho, uJehoshabeyati indodakazi yenkosi wathatha uJehowashi[h] indodana ka-Ahaziya wameba emadodaneni enkosi ayezobulawa, wamfaka ekamelweni lokulala elingaphakathi yena nomzanyana* wakhe. UJehoshabeyati indodakazi yeNkosi uJehoramu[i] (wayengumkaJehoyada[j] umpristi futhi engudadewabo ka-Ahaziya) wakwazi ukumcashisa ukuze u-Athaliya angambulali.[k] **12** Wahlala nabo iminyaka eyisithupha ecashiswe endlini kaNkulunkulu weqiniso ngesikhathi u-Athaliya ebusa izwe.

**22:7** *NgesiHebheru, “indodana.” #NgesiHebheru, “anqume.” **22:10** *NgesiHebheru, “yonke inzalo yombuso.” **22:11** *Intombazane egada umntwana.

**23** Ngonyaka wesikhombisa uJehoyada wabonisa isibindi wenza isivumelwano nezinduna zamakhulu,[a] okungukuthi, u-Azariya indodana kaJerohamu, u-Ishmayeli indodana ka-Jehohanani, u-Azariya indodana ka-Obede, uMahaseya indodana ka-Adaya no-Elishafathi indodana kaZikiri. **2** Ngemva kwalokho balizungeza lonke elakwaJuda, baqoqa amaLevi[b] akuwo wonke amadolobha akwaJuda nezinhloko zemindeni yoyise yakwa-Israyeli. Lapho befika eJerusalema, **3** lonke ibandla lenza isivumelwano[c] nenkosi endlini kaNkulunkulu weqiniso, okwathi ngemva kwalokho wathi kubo:

“Bhekani! Indodana yenkosi izobusa, njengoba nje uJehova athembisa ngokuphathelene namadodana kaDavide.[d] **4** Nakhu okumele nikwenze: Kumele nihlukanise abapristi namaLevi abeza[e] ngeSabatha babe amaqembu amathathu. Iqembu elilodwa lizoba abalindimnyango;[f] **5** elinye lizoba sendlini yenkosi,*[g] elinye libe seSangweni Lesisekelo, bonke abantu bazoba semagcekeni endlu kaJehova.[h] **6** Ningavumeli muntu angene endlini kaJehova ngaphandle kwabapristi namaLevi akhonzayo.[i] Laba bangangena ngoba bayiqembu elingcwele futhi bonke abantu bazogcina isibopho kuJehova. **7** AmaLevi kumele ahaqe inkosi nxazonke, ngamunye ephethe izikhali zakhe. Noma ubani ongena endlini uyobulawa. Ningahlukani nenkosi nomaphi lapho iya khona.”

**8** AmaLevi nawo wonke uJuda benza njengoba nje uJehoyada umpristi ayeyalile. Ngakho ngamunye wathatha amadoda

**23:5** *Noma, “sesigodlweni.”

ISAHL. 22
- a 1Kh 19:16; 2Kh 9:20, 21
- b 2Kh 9:6, 7
- c 2Kh 10:10-14
- d 2Kh 9:27, 28
- e 2Kr 17:3, 4
- f 2Kr 22:2
- g 2Kh 11:1-3
- h 2Kh 11:21
- i 2Kh 8:16
- j 2Kr 23:1
- k 2Sa 7:12, 13; 1Kh 15:4; 2Kr 21:7

Uhla 2

ISAHL. 23
- a 2Kh 11:4
- b 2Kr 8:14
- c 2Sa 5:3
- d 2Sa 7:8, 12; 1Kh 2:4; 1Kh 9:5; Hu 89:20, 29
- e 1Kr 24:3
- f 2Kh 11:5-8; 1Kr 9:22-25; 1Kr 26:1
- g 1Kh 7:1
- h 1Kh 7:12
- i 1Kr 23:28, 32

angaphansi kwakhe ayesebenza ngeSabatha kanye nalawo ayengasebenzi ngeSabatha,[a] ngoba uJehoyada umpristi wayengazange azikhulule lezi zigaba[b] emsebenzini wazo.
9 UJehoyada umpristi wanika izinduna zamakhulu[c] imikhonto namahawu* kanye namahawu ayindilinga okwakungokweNkosi uDavide,[d] okwakusendlini kaNkulunkulu weqiniso.[e]
10 Ngemva kwalokho wamisa bonke abantu, ngamunye ephethe isikhali* sakhe, kusukela ngasohlangothini lwesokudla lwendlu kuze kufike ohlangothini lwesobunxele lwendlu, ngase-altare nangasendlini, nxazonke zenkosi.
11 Bakhiphela ngaphandle indodana yenkosi,[f] bayithwesa umqhele nobuFakazi*[g] bayibeka yaba inkosi, uJehoyada namadodana akhe bayigcoba. Bathi: "Mana njalo nkosi!"[h]

12 Lapho u-Athaliya ezwa umsindo wabantu begijima bedumisa inkosi, waphuthuma waya kubantu endlini kaJehova.[i]
13 Wabona inkosi imi ngasensikeni yayo ngasekungeneni. Izikhulu[j] nabashaya amacilongo babekanye nenkosi, nabo bonke abantu bezwe babejabule[k] beshaya amacilongo, abahlabelela ngezinsimbi zomculo babehola ekuculeni izindumiso. Lapho ebona lokhu, u-Athaliya waklebhula izingubo zakhe wamemeza wathi: "Uzungu! Uzungu!"
14 Kodwa uJehoyada umpristi wakhipha izinduna zamakhulu, ezaziphethe ibutho lempi, wathi kuzo: "Mkhipheni phakathi kwebutho, uma kukhona omlandelayo, mbulaleni ngenkemba!" Ngoba umpristi wayethe: "Ningambulaleli endlini kaJehova u-Athaliya."
15 Ngakho bambamba, kwathi lapho efika ekungeneni kweSango Lamahhashi lendlu yenkosi,* bambulalela lapho ngaso leso sikhathi.

16 Ngakho uJehoyada wenza isivumelwano phakathi kwakhe nabo bonke abantu nenkosi sokuthi babeyoqhubeka bengabantu bakaJehova.[a]
17 Ngemva kwalokho bonke abantu baya endlini* kaBhali bayidiliza,[b] baphihliza ama-altare akhe nemifanekiso yakhe,[c] babulala noMathani umpristi kaBhali[d] phambi kwama-altare.
18 UJehoyada wabe esenza ukuba indlu kaJehova yenganyelwe abapristi namaLevi, uDavide ayebabeke ngezigaba phezu kwendlu kaJehova ukuba banikele imihlatshelo kaJehova eshiswayo[e] ngokuvumelana nalokho okulotshwe eMthethweni KaMose,[f] ngokujabula nangengoma njengoba uDavide ayeyalile.
19 Wamisa nabalindisango[g] ngasemasangweni endlu kaJehova ukuze kungangeni muntu ongcole nganoma iyiphi indlela.
20 Wathatha izinduna zamakhulu,[h] izicukuthwane, ababusi babantu nabo bonke abantu bezwe wahamba nenkosi behla besuka endlini kaJehova. Bangena ngesango elingenhla baya endlini yenkosi,* bahlalisa inkosi esihlalweni sobukhosi[i] sombuso.[j]
21 Ngakho bonke abantu bezwe bajabula, idolobha laba nokuthula ngoba u-Athaliya babembulale ngenkemba.

23:9 *Ihawu elincane elivame ukuphathwa abacibi. 23:10 *Noma, "umcibisholo." 23:11 *Kungenzeka umqulu oqukethe uMthetho kaNkulunkulu.

23:15 *Noma, "lesigodlo." 23:17 *Noma, "ethempelini." 23:20 *Noma, "esigodlweni."

ISAHL. 23
a 2Kh 11:9-12
b 1Kr 24:1; 1Kr 26:1
c 2Kh 11:4
d 2Sa 8:7
e 1Kr 26:26, 27; 2Kr 5:1
f 2Kh 11:2
g Dut 17:18
h 1Sa 10:1, 24
i 2Kh 11:13-16
j 2Kr 23:1
k 1Kh 1:39, 40

Uhla 2
a 2Kh 11:17, 18; 2Kr 34:1, 31
b 2Kh 10:27, 28
c Dut 12:3; 2Kr 34:1, 4
d Dut 13:5; 1Kh 18:40
e 1Kr 23:6; 1Kr 23:30, 31
f Eks 29:38; Num 28:2
g 1Kr 9:26; 1Kr 26:1, 13
h 2Kh 11:9
i 1Kh 7:7
j 2Kh 11:19, 20

**24** UJehowashi wayenemi-
nyaka eyisikhombisa la-
pho eba inkosi,[a] wabusa imi-
nyaka engu-40 eJerusalema.
Igama likanina kwakunguZibhi-
ya waseBheri-sheba.[b] **2** UJe-
howashi waqhubeka enza oku-
lungile emehlweni kaJehova
zonke izinsuku zikaJehoyada
umpristi.[c] **3** UJehoyada wam-
khethela abafazi ababili, waza-
la amadodana namadodakazi.

**4** Kamuva, uJehowashi waba
nesifiso sokuvuselela indlu ka-
Jehova[d] enhliziyweni yakhe.
**5** Ngakho waqoqa abapristi na-
maLevi wathi kubo: "Yanini
emadolobheni akwaJuda niqo-
qe imali kuwo wonke u-Israyeli
ukuze kulungiswe indlu kaNku-
lunkulu wenu[e] unyaka nonya-
ka; kufanele nikwenze ngoku-
shesha lokho." Kodwa amaLevi
awazange enze ngokushesha.[f]
**6** Ngakho inkosi yabiza uJeho-
yada induna yathi kuye:[g] "Ku-
ngani ungafunanga ukuba ama-
Levi alethe kwaJuda naseJeru-
salema intela engcwele eyaya-
lezwa uMose[h] inceku kaJeho-
va, intela engcwele yebandla
lika-Israyeli yetende lobuFaka-
zi?[i] **7** Ngoba amadodana ka-
Athaliya,[j] owesifazane okhohla-
kele, ayegqekezile endlini ka-
Nkulunkulu weqiniso,[k] asebe-
nzisa zonke izinto ezingcwele
zendlu kaJehova ukuze akho-
nze oBhali." **8** Kwabe sekwe-
nziwa ibhokisi[l] labekwa nga-
phandle esangweni lendlu ka-
Jehova[m] njengoba inkosi yayi-
yalile. **9** Ngemva kwalokho
kwakhishwa isimemezelo kulo
lonke elakwaJuda naseJerusa-
lema sokuba kulethwe kuJeho-
va intela engcwele[n] eyayalezwa
nguMose inceku kaNkulunku-
lu weqiniso ku-Israyeli ehlane.
**10** Zonke izikhulu nabo bo-
nke abantu bajabula,[o] babelo-
khu beletha iminikelo beyifaka
ebhokisini laze lagcwala.*

**11** Noma nini lapho amaLe-
vi eletha ibhokisi enkosini fu-
thi ebona ukuthi sekunemali
eningi kulo, unobhala wenkosi
nomphathi ongaphansi kompri-
sti omkhulu babeza bathulule
ibhokisi,[a] balibuyisele endawe-
ni yalo. Yilokho ababekwenza
usuku nosuku, babeqoqa imali
eningi. **12** Inkosi noJehoyada
babeyinika abaqondisa umse-
benzi wenkonzo yendlu kaJe-
hova, babeqasha abasiki bama-
tshe nezingcweti ukuze kuvu-
selelwe indlu kaJehova[b] naba-
sebenza ngensimbi nangethusi
ukuze kulungiswe indlu kaJe-
hova. **13** Abaqondisa umse-
benzi baqala umsebenzi, umse-
benzi wokulungisa waqhubeka
kuyibo abaqondisayo, bayilu-
ngisa indlu kaNkulunkulu we-
qiniso yaba sesimweni esifane-
le futhi bayiqinisa. **14** Lapho
nje beqeda, baletha imali ese-
le enkosini nakuJehoyada, ba-
yisebenzisela ukwenza izinto
zendlu kaJehova, izinto zenko-
nzo nezokwenza iminikelo, ne-
zindebe kanye nezinto zegolide
nezesiliva.[c] Babenikela imihla-
tshelo eshiswayo[d] endlini kaJe-
hova njalo zonke izinsuku zika-
Jehoyada.

**15** Lapho uJehoyada ese-
mdala futhi anelisekile ngoku-
phila kwakhe, washona; waye-
neminyaka engu-130 ubudala la-
pho eshona. **16** Bamngcwaba
eDolobheni LikaDavide kanye
namakhosi,[e] ngoba wayenze
okuhle kwa-Israyeli[f] ngokupha-
thelene noNkulunkulu weqiniso
nendlu yaKhe.

**17** Ngemva kokufa kukaJe-
hoyada izikhulu zakwaJu-
da zeza zakhothamela inkosi,

ISAHL. 24
a 2Kh 11:21
b Gen 21:14; 2Sa 3:10; 2Kh 12:1
c 2Kh 12:2
d 2Kh 22:3-5
e 2Kh 12:4, 5; 2Kr 29:1, 3; 2Kr 34:9, 10
f 2Kh 12:6
g 2Kh 12:7
h Eks 30:12-16
i Num 1:50
j 2Kr 22:2, 3
k 2Kr 28:24
l Mar 12:41
m 2Kh 12:9
n Eks 30:12-16; Neh 10:32; Mat 17:24
o 1Kr 29:9

Uhla 2
a 2Kh 12:10
b 2Kh 12:11, 12; 2Kr 34:10, 11
c Eks 37:16; Num 7:84
d Num 28:3
e 1Kh 2:10
f 2Kr 23:1

**24:10** *Noma kungaba, "baze banikela bonke."

inkosi yazilalela. **18** Bayishi-
ya indlu kaJehova uNkulunku-
lu wokhokho babo, baqala uku-
khonza izigxobo ezingcwele*
nezithixo, uNkulunkulu wam-
thukuthelela uJuda neJeru-
salema ngenxa yecala labo.
**19** Wayelokhu ethuma abapro-
fethi kubo ukuze bababuyise-
le kuJehova, baqhubeka beba-
xwayisa,* kodwa abalalelanga.[a]

**20** Umoya kaNkulunkulu
wafikela* uZakariya indodana
kaJehoyada[b] umpristi, wama
phambi kwabantu wathi kubo:
"Yilokhu uNkulunkulu weqini-
so akushoyo, 'Kungani nephu-
la imiyalo kaJehova? Ngeke ni-
phumelele! Ngenxa yokuthi ni-
mlahlile uJehova, naye uzoni-
lahla.'"[c] **21** Kodwa bamakhe-
la uzungu,[d] bamshaya ngama-
tshe ngokuvumelana nomyalo
wenkosi egcekeni lendlu kaJe-
hova.[e] **22** UJehowashi inkosi
akazange alukhumbule utha-
ndo oluqotho uJehoyada uyi-
se* ayelubonise kuye, wabulala
indodana yakhe, okwathi lapho
ifa yathi: "Kwangathi uJehova
angabona akujezise."[f]

**23** Ekuqaleni konyaka ibu-
tho laseSiriya lakhuphuka li-
zolwa noJehowashi, lahlasela
uJuda neJerusalema.[g] Nge-
mva kwalokho laqothula zo-
nke izikhulu[h] zesizwe, lathu-
mela yonke impahla yazo epha-
ngiwe enkosini yaseDamase-
ku. **24** Nakuba ibutho lama-
Siriya elalihlasela lalinamado-
da ambalwa, uJehova wanikela
kulo ibutho elikhulu kakhulu[i]
ngoba babemlahlile uJehova
uNkulunkulu wokhokho babo;
ngakho lakhipha* isahlulelo
kuJehowashi. **25** Lapho lisu-
ka kuye (ngoba lamshiya ema-
nxebanxeba*), izinceku zakhe
zamakhela uzungu ngoba wa-
yechithe igazi lamadodana# ka-
Jehoyada[a] umpristi. Zambula-
lela embhedeni wakhe.[b] Wa-
ngcwatshwa eDolobheni Lika-
Davide,[c] kodwa akazange
angcwatshwe emangcwabeni
amakhosi.[d]

**26** Yilaba abamakhela uzu-
ngu:[e] UZabhadi indodana kaShi-
meyati umAmonikazi noJeho-
zabhadi indodana kaShimri-
ti umMowabikazi. **27** Ngoku-
qondene namadodana akhe ne-
zimemezelo eziningi ezimele-
ne naye[f] nokuvuselelwa* kwe-
ndlu kaNkulunkulu weqiniso,[g]
zonke lezi zinto zilotshwe emi-
bhalweni# yeNcwadi Yamakho-
si. U-Amaziya indodana yakhe
waba inkosi esikhundleni sakhe.

**25** U-Amaziya wayeneminya-
ka engu-25 lapho eba
inkosi, wabusa iminyaka engu-
29 eJerusalema. Igama likanina
kwakunguJehowadani[h] waseJe-
rusalema. **2** Waqhubeka enza
okulungile emehlweni kaJe-
hova, kodwa akakwenzanga
ngenhliziyo ephelele. **3** Kwa-
thi nje lapho esewubambe wa-
qina umbuso, wabulala izinceku
zakhe ezazibulale uyise inko-
si.[i] **4** Kodwa amadodana azo
akazange awabulale ngoba we-
nza ngokuvumelana nokulo-
tshwe eMthethweni, encwadini
kaMose, lapho uJehova ayala
khona wathi: "Oyise akufanele
bafe ngenxa yamadodana abo,
namadodana akufanele afe nge-
nxa yoyise; kodwa yilowo nalo-

ISAHL. 24
*a* 2Kh 17:13, 14; 2Kr 36:15, 16; Jer 7:25, 26
*b* 2Kr 23:11
*c* Dut 29:24, 25; 1Kr 28:9; 2Kr 15:2
*d* Jer 11:19
*e* Mat 23:35; Luk 11:51
*f* Gen 9:5; Hu 94:1; Jer 11:20; Heb 10:30
*g* 2Kh 12:17
*h* 2Kr 24:17, 18
*i* Lev 26:17, 37; Dut 32:30

Uhla 2
*a* 2Kr 24:20, 21
*b* 2Kh 12:20
*c* 2Sa 5:9; 1Kh 2:10
*d* 2Kr 21:16, 20; 2Kr 28:27
*e* 2Kh 12:21
*f* 2Kr 24:20
*g* 2Kr 24:13

ISAHL. 25
*h* 2Kh 14:1-6
*i* 2Kr 24:26

**24:18** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **24:19** *Noma, "befakaza ngokumelene nabo." **24:20** *NgesiHebheru, "wamboza." **24:22** *Okuwukuthi, uyise kaZakariya. **24:24** *Okuwukuthi, amaSiriya.

**24:25** *Noma, "enezifo eziningi." #Noma, "lendodana." Kungenzeka ukuba sebuningini kubonisa ubukhulu nokubaluleka. **24:27** *NgesiHebheru, "nokusekelwa." #Noma, "esichasiselweni."

wo kufanele afe ngenxa yesono
sakhe.”[a]
**5** U-Amaziya waqoqela uJu-
da ndawonye, wammisa ngo-
kwemindeni yoyise, ngokwezi-
nduna zezinkulungwane nango-
kwezinduna zamakhulu zawo
wonke uJuda noBhenjamini.[b]
Wababhalisa kusukela kwaba-
neminyaka engu-20 ubudala
kuya phezulu,[c] wathola ukuthi
bangamaqhawe angu-300 000
aqeqeshelwe* impi, akwazi
ukuphatha umkhonto neha-
wu elikhulu. **6** Ngaphezu kwa-
lokho, waqasha kwa-Israyeli
amaqhawe anamandla angu-
100 000 ngamathalenta* esili-
va angu-100. **7** Kodwa kweza
kuye umuntu kaNkulunkulu we-
qiniso, wathi: “O nkosi, unga-
livumeli ibutho lika-Israyeli li-
hambe nawe ngoba uJehova
akahambi no-Israyeli,[d] akaha-
mbi nanoma yimuphi umuntu
wakwa-Efrayimi. **8** Kodwa ha-
mba wedwa, thatha isinyathe-
lo, ube nesibindi empini. Nga-
phandle kwalokho, uNkulunku-
lu weqiniso angakwenza ukhu-
beke phambi kwesitha, ngoba
uNkulunkulu unamandla okusi-
za[e] nawokubangela ukukhube-
ka.” **9** U-Amaziya wathi ku-
muntu kaNkulunkulu weqiniso:
“Kodwa kuthiwani ngamathale-
nta ayikhulu engiwanike ama-
butho akwa-Israyeli?” Umuntu
kaNkulunkulu weqiniso waphe-
ndula wathi: “UJehova une-
ndlela yokukunika okuningi ka-
khulu kunalokho.”[f] **10** Ngakho
u-Amaziya wawahambisa ama-
butho ayeze kuye evela kwa-
Efrayimi, ewathumela endawe-
ni yawo. Nokho, amthukuthele-
la kakhulu uJuda, ngakho abu-
yela endaweni yawo evutha
intukuthelo.
**11** U-Amaziya wabonisa isi-
bindi, waholela amabutho akhe
eSigodini Sikasawoti,[a] wabula-
la amadoda aseSeyiri angu-
10 000.[b] **12** Amadoda akwaJu-
da abamba angu-10 000 ephila.
Awaletha esiqongweni sedwala,
awaphonsa phansi ewasusa esi-
qongweni sedwala, wonke aqhe-
kezeka aba izicucu. **13** Ko-
dwa amalungu ebutho u-Ama-
ziya ayelibuyisele emuva uku-
ba lingayi naye empini,[c] ayehla-
sela amadolobha akwaJuda, ku-
sukela eSamariya[d] kuze kufike
eBheti-horoni;[e] abulala abangu-
3 000 kuwo futhi athatha impa-
hla ephangiwe eningi kakhulu.
**14** Kodwa ngemva kokuba
u-Amaziya ebuyile ekubulaleni
abakwa-Edomi, waletha onkulu-
nkulu babantu baseSeyiri wa-
zimisela bona baba onkulu-
nkulu bakhe,[f] waqala ukuba-
khothamela nokubashunqisela
umusi womhlatshelo. **15** Nga-
kho uJehova wamthukuthele-
la kakhulu u-Amaziya, wathu-
mela umprofethi owathi kuye:
“Kungani ulandela onkulunkulu
balaba bantu abangazange ba-
basindise abantu babo esandle-
ni sakho?”[g] **16** Njengoba aye-
khuluma naye, inkosi yathi:
“Ingabe sikwenze umeluleki we-
nkosi?[h] Thula![i] Kungani kufane-
le bakubulale?” Ngemva kwalo-
kho umprofethi wathula, kodwa
wanezela: “Ngiyazi ukuthi uNku-
lunkulu unqume ukukubhubhi-
sa ngoba wenze lokhu futhi
awusilalelanga iseluleko sami.”[j]
**17** Ngemva kokucebisana na-
beluleki bakhe, u-Amaziya inko-
si yakwaJuda wathumela umya-
lezo kuJehowashi indodana ka-
Jehowahazi indodana kaJe-
hu inkosi yakwa-Israyeli, wa-
thi: “Woza siyolwa!”*[k] **18** UJe-
howashi inkosi yakwa-Israyeli

**ISAHL. 25**
a Dut 24:16
b 1Sa 8:11, 12
c Num 1:2, 3
d 2Kr 19:2
e 2Kr 14:11; 2Kr 20:6
f 1Sa 2:7; IzA 10:22; Hag 2:8

**Uhla 2**
a 2Sa 8:13; Hu 60:0
b 2Kh 14:7; 2Kr 20:10, 11
c 2Kr 25:9
d 1Kh 16:29
e 2Kr 8:3, 5
f Eks 20:3, 5; Dut 7:25; 2Kr 28:22, 23
g 2Kr 24:20; Hu 115:8; Jer 2:5; Jer 10:5
h 2Kr 16:10; 2Kr 18:25, 26
i Isay 30:10
j 1Sa 2:25; IzA 29:1
k 2Kh 14:8-10

**25:5** *NgesiHebheru, “akhethelwe.”
**25:6** *Ithalenta lalilingana no-34,2 kg. Bheka iSithasiselo B14.
**25:17** *Noma, “sibhekane ubuso nobuso.”

wathumela lo myalezo ku-Ama-
ziya inkosi yakwaJuda: "Ukhula
olunameva oluseLebhanoni lwa-
thumela umyalezo kumsedari
oseLebhanoni, lwathi, 'Ganise-
la indodana yami indodakazi ya-
kho.' Nokho, kwadlula isilo sase-
ndle saseLebhanoni sanyathela
ukhula olunameva. **19** Wena
uthe, 'Bheka! Ngimnqobile*
u-Edomi.'[a] Ngakho inhliziyo ya-
kho isiyaqhosha, ifuna ukupha-
kanyiswa. Kodwa manje hla-
la endlini# yakho. Kungani ku-
fanele uzibizele inhlekelele fu-
thi unqotshwe, wena kanye no-
Juda?"

**20** Kodwa u-Amaziya akala-
lelanga,[b] ngoba lokhu kwa-
kuvela kuNkulunkulu weqini-
so ukuze abanikele esandle-
ni sesitha,[c] ngoba babelande-
le onkulunkulu bakwa-Edomi.[d]
**21** Ngakho uJehowashi inko-
si yakwa-Israyeli wakhuphuka,
yena no-Amaziya inkosi yakwa-
Juda balwa eBheti-shemeshi,[e]
kwaJuda. **22** UJuda wanqo-
tshwa u-Israyeli, yilowo nalowo
wabalekela ekhaya.* **23** UJe-
howashi inkosi yakwa-Israyeli
wathumba u-Amaziya inkosi
yakwaJuda, oyindodana kaJe-
howashi oyindodana kaJeho-
wahazi,* eBheti-shemeshi. Nge-
mva kwalokho wamletha eJe-
rusalema wabhodloza udo-
nga lwaseJerusalema, kusuke-
la eSangweni Lika-Efrayimi[f]
kuze kufike eSangweni Elise-
khoneni,[g] izingalo ezingu-400.#
**24** Wathatha lonke igolide ne-
siliva nazo zonke izinto eza-
tholakala endlini kaNkulunku-
lu weqiniso kanye* no-Obede-
edomi nasendaweni yokugcina
ingcebo endlini yenkosi,#[a] wa-
thatha nezithunjwa. Wabe ese-
buyela eSamariya.

**25** U-Amaziya[b] indodana ka-
Jehowashi inkosi yakwaJuda
waphila iminyaka engu-15 nge-
mva kokufa kukaJehowashi[c]
indodana kaJehowahazi inkosi
yakwa-Israyeli.[d] **26** Ngokuqo-
ndene nawo wonke omunye
umlando ka-Amaziya, kusukela
ekuqaleni kuze kube sekugci-
neni, ulotshwe eNcwadini Ya-
makhosi AkwaJuda Nawakwa-
Israyeli. **27** Kusukela ngesi-
khathi u-Amaziya aphambuka
ngaso ekulandeleni uJehova,
bamakhela uzungu[e] eJerusale-
ma, wabalekela eLakishi, ko-
dwa bamthumelela abantu eLa-
kishi bambulalela khona.
**28** Ngakho bamthwala ngama-
hhashi bambuyisela emuva,
bamngcwaba kanye nokhokho
bakhe edolobheni lakwaJuda.

**26** Ngemva kwalokho bo-
nke abantu bakwaJuda
bathatha u-Uziya,[f] owayenemi-
nyaka engu-16 ubudala, bambe-
ka waba inkosi esikhundle-
ni sikayise u-Amaziya.[g] **2** Wa-
lakha kabusha i-Eloti[h] walibu-
yisela kuJuda ngemva kokuba
inkosi* isingcwatshwe nokho-
kho bayo.[i] **3** U-Uziya[j] wayene-
minyaka engu-16 lapho eba
inkosi, wabusa eJerusalema
iminyaka engu-52. Igama li-
kanina kwakunguJekoliya wa-
seJerusalema.[k] **4** Waqhubeka
enza okulungile emehlweni
kaJehova, njengoba nje uyi-
se u-Amaziya ayenzile.[l] **5** Wa-
qhubeka efuna uNkulunkulu
ezinsukwini zikaZakariya, owa-
mfundisa ukwesaba uNkulu-
nkulu weqiniso. Phakathi ne-
sikhathi ayefuna ngaso uJeho-
va, uNkulunkulu weqiniso wa-
menza wachuma.[m]

**25:19** *NgesiHebheru, "Umnqobile." **25:19, 24** #Noma, "esigodlweni." **25:22** *NgesiHebheru, "ematendeni." **25:23** *Ubizwa nangokuthi u-Ahaziya. #Cishe kwakungu-178 m. Bheka iSithasiselo B14. **25:24** *Noma, "zinakekelwa."

**26:2** *Okuwukuthi, uyise u-Amaziya.

ISAHL. 25
a 2Kr 25:11
b 2Kh 14:11-14
c 2Kr 22:7
d 2Kr 25:14
e Jos 21:8, 16; 1Sa 6:19
f Neh 8:16; Neh 12:38, 39
g 2Kr 26:9; Jer 31:38; Zak 14:10

Uhla 2
a 1Kh 7:51; 1Kh 15:18; 2Kh 24:12, 13; 2Kh 25:13-15; 2Kr 12:9
b 2Kh 14:1
c 2Kh 13:10
d 2Kh 14:17-20
e 2Kh 12:20; 2Kh 15:8, 10; 2Kh 21:23

ISAHL. 26
f Mat 1:8
g 2Kh 14:21
h 1Kh 9:26; 2Kh 16:6
i 2Kh 14:22
j Isay 1:1; Isay 6:1
k 2Kh 15:2
l 2Kh 14:1, 3
m 2Kr 14:7; Hu 1:2, 3

**6** Waphuma walwa namaFili-
sti[a] wafohla udonga lwaseGati,[b]
udonga lwaseJabine[c] nodonga
lwase-Ashidodi.[d] Ngemva kwa-
lokho wakha amadolobha enda-
weni yase-Ashidodi naphakathi
kwamaFilisti. **7** UNkulunku-
lu weqiniso waqhubeka emsi-
za ekulweni namaFilisti, eku-
lweni nabase-Arabhiya[e] aba-
behlala eGuribhali nasekulwe-
ni namaMeyuni. **8** Ama-Amo-
ni[f] aqala ukukhokha ku-Uzi-
ya. Ekugcineni udumo lwakhe
lwasakazeka lwaze lwafika na-
seGibhithe, ngoba waba nama-
ndla ngendlela emangalisayo.
**9** Ngaphezu kwalokho, u-Uzi-
ya wakha imibhoshongo[g] eJe-
rusalema ngaseSangweni Eli-
sekhoneni,[h] eSangweni Lesigo-
di[i] nangaseNsikeni, wayiqinisa.
**10** Ngaphezu kwalokho, wa-
kha imibhoshongo[j] ehlane wa-
mba* imithombo eminingi
(ngoba wayenemfuyo eningi);
wenza okufanayo naseShefela
nasendaweni eyithafa. Wayena-
balimi nabagcini-zivini ezinta-
beni naseKarmeli ngoba waye-
zithanda ezolimo.

**11** Ngaphezu kwalokho,
u-Uziya waba nebutho eliqe-
qeshelwe impi. Laliphuma liye
emikhankasweni yempi lihle-
lwe ngezigaba. Lalibalwa futhi
libhaliswa[k] uJeheyeli unobha-
la[l] noMahaseya isikhulu esinga-
phansi kokulawula kukaHana-
niya, esinye sezikhulu zenko-
si. **12** Sezizonke izinhloko ze-
mindeni yoyise ezazengamele
la maqhawe anamandla zazi-
ngu-2 600. **13** Amabutho empi
angaphansi kwazo ayehlomile
elungele impi ayengu-307 500,
amabutho empi anamandla ase-
kela inkosi ekulweni nezitha.[m]
**14** U-Uziya wahlomisa lonke
ibutho ngamahawu, ngemikho-

---

**26:10** *Kungenzeka wayimba edwaleni.

nto,[a] ngezigqoko zokuzivikela,
ngamajazi ensimbi,[b] ngemici-
bisholo nangamatshe endwa-
yimane.[c] **15** Ngaphezu kwalo-
kho, eJerusalema wenza imishi-
ni yempi eyayiklanywe onjiniye-
la; yayibekwe emibhoshongwe-
ni[d] nasemakhoneni ezindonga
futhi yayikwazi ukukhipha imi-
cibisholo namatshe amakhulu.
Ngakho udumo lwakhe lwasaka-
zekela ezindaweni ezikude ngo-
ba wathola usizo olukhulu futhi
waba namandla.

**16** Nokho, kwathi nje la-
pho esenamandla, inhliziyo
yakhe yazidla umphumela kwa-
ba ukulimala kwakhe, akathe-
mbekanga kuJehova uNkulu-
nkulu wakhe ngokungena ethe-
mpelini likaJehova ukuze ashi-
se impepho e-altare lempepho.[e]
**17** Ngokushesha nje u-Azariya
umpristi nabanye abapristi ba-
kaJehova abangu-80 abanesibi-
ndi bamlandela. **18** Bakhulu-
ma neNkosi u-Uziya bathi: "Uzi-
ya, akufanele ushisele uJeho-
va impepho![f] Ngabapristi ku-
phela okufanele bashise impe-
pho ngoba bayinzalo ka-Aroni,[g]
bangcwelisiwe. Phuma endlini
engcwele ngoba awuthembeka-
nga futhi uJehova uNkulunku-
lu ngeke akukhazimulise ngalo-
khu."

**19** Kodwa u-Uziya, owaye-
phethe umcengezi wokushi-
sa impepho, wathukuthela ka-
khulu;[h] ekuthukutheleleni kwa-
khe abapristi, kwavela ucho-
ko[i] esiphongweni sakhe pha-
mbi kwabapristi endlini kaJe-
hova eceleni kwe-altare lempe-
pho. **20** Lapho u-Azariya um-
pristi omkhulu nabo bonke aba-
pristi bephendukela kuye, ba-
bona ukuthi wayeshaywe ngo-
choko esiphongweni! Ngakho
bamkhipha ngokushesha lapho,
naye washesha waphuma ngo-
ba uJehova wayemshayile.

ISAHL. 26
a 2Sa 8:1; 2Kr 21:16; Isay 14:29
b 1Kr 18:1
c Jos 15:11, 12
d Jos 15:20, 46; 1Sa 5:1
e 2Kr 17:11
f Gen 19:36, 38; Hlu 11:15
g 2Kr 14:2, 7
h 2Kh 14:13; Jer 31:38; Zak 14:10
i Neh 3:13
j 2Kh 9:17
k Num 1:2, 3; 2Sa 24:9
l 2Kr 24:11
m 2Kr 11:1; 2Kr 13:3; 2Kr 14:8; 2Kr 17:14; 2Kr 25:5

Uhla 2
a 2Kr 11:5, 12
b 1Sa 17:4, 5
c Hlu 20:16; 1Sa 17:49; 1Kr 12:1, 2
d 2Kr 14:2, 7
e Num 1:51
f Num 16: 39, 40; Num 18:7
g Eks 30:7; 1Kr 23:13
h 2Kr 16:10; 2Kr 25:15, 16
i Num 12:10; 2Kh 5:27

**21** INkosi u-Uziya yaqhube-
ka inochoko yaze yashona, ya-
yilokhu ihleli endlini yayo yo-
dwa ngenxa yokuthi yayinocho-
ko,[a] ngoba yayehlukanisiwe ne-
ndlu kaJehova. UJothamu indo-
dana yayo wayengamele isigo-
dlo,* ahlulela abantu bezwe.[b]
**22** Wonke omunye umlando
ka-Uziya, kusukela ekuqale-
ni kuze kube sekugcineni, wa-
lotshwa umprofethi u-Isaya[c]
indodana ka-Amozi. **23** Nge-
mva kwalokho u-Uziya washo-
na, wangcwatshwa kanye no-
khokho bakhe, kodwa ensi-
mini yokungcwaba yamakhosi,
ngoba bathi: "Unochoko." UJo-
thamu indodana yakhe[d] waba
inkosi esikhundleni sakhe.

**27** UJothamu[e] wayeneminya-
ka engu-25 lapho eba
inkosi, wabusa iminyaka engu-
16 eJerusalema. Igama lika-
nina kwakunguJerusha indo-
dakazi kaZadoki.[f] **2** Waqhube-
ka enza okulungile emehlweni
kaJehova, njengoba nje u-Uziya
uyise ayenzile,[g] ngaphandle ko-
kuthi yena akazange angene
ngokungafanele ethempelini li-
kaJehova.[h] Nokho, abantu ba-
besenza okubi. **3** Wakha isa-
ngo elingenhla lendlu kaJeho-
va,[i] wenza nomsebenzi omkhulu
wokwakha odongeni lwase-Ofe-
li.[j] **4** Wakha namadolobha[k] esi-
fundeni esinezintaba sakwaJu-
da,[l] wakha nezindawo ezinezivi-
kelo eziqinile[m] nemibhoshongo[n]
emahlathini. **5** Walwa nenkosi
yabakwa-Amoni[o] ekugcineni wa-
banqoba, ngalowo nyaka aba-
kwa-Amoni bamnika amathale-
nta* esiliva angu-100, amakho-
ra# angu-10 000 kakolweni na-
ngu-10 000 ebhali. Abakwa-Amo-
ni bamkhokhela lokhu nango-
nyaka wesibili nowesithathu.[a]
**6** Ngakho uJothamu waqhube-
ka eba namandla, ngoba wayezi-
misele ukuhamba ezindleleni zi-
kaJehova uNkulunkulu wakhe.
**7** Ngokuqondene nawo wo-
nke omunye umlando kaJotha-
mu, zonke izimpi zakhe nezi-
ndlela zakhe, kulotshwe eNcwa-
dini Yamakhosi Akwa-Israyeli
NawakwaJuda.[b] **8** Wayenemi-
nyaka engu-25 lapho eba inkosi,
wabusa iminyaka engu-16 eJeru-
salema.[c] **9** Ngemva kwalokho
uJothamu washona, wangcwa-
tshwa eDolobheni LikaDavide.[d]
U-Ahazi indodana yakhe waba
inkosi esikhundleni sakhe.[e]

**28** U-Ahazi[f] wayeneminyaka
engu-20 lapho eba inkosi,
wabusa iminyaka engu-16 eJe-
rusalema. Akazange enze okulu-
ngile emehlweni kaJehova nje-
ngoba kwenza uDavide ukho-
kho wakhe.[g] **2** Kunalokho wa-
hamba ezindleleni zamakho-
si akwa-Israyeli,[h] wenza ngisho
nezithombe zensimbi*[i] zoBhali.
**3** Ngaphezu kwalokho, washu-
nqisa umusi womhlatshelo eSi-
godini Sendodana KaHinomu,*
washisa amadodana akhe emli-
lweni,[j] elandela imikhuba ene-
ngekayo yezizwe[k] uJehova aye-
zixoshe phambi kwama-Israye-
li. **4** Waqhubeka enza nemihla-
tshelo futhi eshunqisa nomu-
si womhlatshelo ezindaweni ezi-
phakeme,[l] emagqumeni nanga-
phansi kwazo zonke izihlahla
ezinhle eziluhlaza.[m]
**5** Ngenxa yalokho uJeho-
va uNkulunkulu wakhe wamni-
kela esandleni senkosi yase-
Siriya,[n] kangangokuba amnqo-
ba athatha izithunjwa ezini-
ngi kakhulu aziletha eDama-

ISAHL. 26
- a Lev 13:45, 46; Num 5:2; Num 12:14, 15
- b 2Kh 15:5-7
- c Isay 1:1; Isay 6:1
- d 2Kh 15:32

ISAHL. 27
- e Isay 1:1; Hos 1:1; Mik 1:1; Mat 1:9
- f 2Kh 15:33
- g 2Kh 15:34, 35; 2Kr 26:3, 4
- h 2Kr 26:16-18
- i Jer 26:10
- j 2Kr 33:1, 14; Neh 3:26
- k 2Kr 11:5; 2Kr 14:2, 7
- l Jos 14:12, 13
- m 2Kr 17:12
- n 2Kh 9:17; 2Kr 26:9, 10
- o Hlu 11:4; 2Sa 10:6; 2Kr 20:1; Jer 49:1

Uhla 2
- a 2Kr 26:8
- b 2Kh 15:36
- c 2Kh 15:33
- d 2Sa 5:9
- e 2Kh 15:38

ISAHL. 28
- f Hos 1:1; Mik 1:1; Mat 1:9
- g 2Kh 16:2
- h 1Kh 12:26, 28; 1Kh 16:33
- i Eks 34:17
- j 2Kr 33:1, 6; Jer 7:31
- k Dut 12:31
- l Lev 26:30
- m Isay 57:4, 5
- n 2Kh 16:5, 6; 2Kr 24:24

**26:21** *Noma, "indlu yenkosi." **27:5** *Ithalenta lalilingana no-34,2 kg. Bheka iSithasiselo B14. #Ikhora lalilingana no-220 L. Bheka iSithasiselo B14.

**28:2** *Noma, "ezenziwe ngokuncibilikisiwe." **28:3** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama, "iGehena."

seku.[a] Wanikelwa nasesandleni
senkosi yakwa-Israyeli, eyabu-
lala abantu bakhe abaningi ka-
khulu. **6** Ngoba uPheka[b] indo-
dana kaRemaliya wabulala aba-
ngu-120 000 kwaJuda ngosuku
olulodwa, wonke amadoda ane-
sibindi, ngenxa yokuthi babem-
shiyile uJehova uNkulunkulu
wokhokho babo.[c] **7** UZikiri,
iqhawe lakwa-Efrayimi, wabu-
lala uMahaseya indodana ye-
nkosi no-Azirikamu owayenga-
mele isigodlo* no-Elkana owa-
yelandela inkosi ngobukhulu.
**8** Ngaphezu kwalokho ama-
Israyeli athumba abangu-
200 000 kubafowabo abanga-
maJuda—abesifazane, amado-
dana namadodakazi; athatha
nezimpahla eziphangiwe ezini-
ngi kakhulu, aziyisa eSama-
riya.[d]

**9** Kodwa kwakukhona um-
profethi kaJehova lapho, iga-
ma lakhe kungu-Odedi. Waphu-
ma phambi kwebutho elaliza
eSamariya wathi kulo: “Bheka-
ni! UJehova uNkulunkulu wo-
khokho benu wanikela uJuda
esandleni senu ngenxa yoku-
thi wayemthukuthelele,[e] nina
nambulala ngolaka olwafinye-
lela emazulwini. **10** Manje ni-
funa ukwenza abantu bakwa-
Juda nabaseJerusalema izince-
ku nezincekukazi zenu.[f] Noma
kunjalo, aninalo yini icala pha-
mbi kukaJehova uNkulunku-
lu wenu? **11** Manje ngilaleleni
nibuyise izithunjwa enazitha-
tha kubafowenu, ngoba uJeho-
va unithukuthelele kakhulu.”

**12** Lapho zizwa lokho ezi-
nye izinduna zabakwa-Efrayimi,
u-Azariya indodana kaJehoha-
nani, uBherekiya indodana ka-
Meshilemoti, uJehizikiya indo-
dana kaShalumi no-Amasa indo-
dana kaHadilayi, zamelana nala-
bo abavela emkhankasweni we-
mpi, **13** zathi kubo: “Ningazi-
lethi lapha lezi zithunjwa ngo-
ba lokho kuzosenza sibe necala
kuJehova. Lokhu enifuna uku-
kwenza kuzokwenezela ezonwe-
ni zethu nasecaleni lethu, ngo-
ba kakade icala lethu likhulu fu-
thi uNkulunkulu umthukuthele-
le kakhulu u-Israyeli.” **14** Nga-
kho amasosha ahlomile ashi-
ya izithunjwa nempahla epha-
ngiwe[a] ezikhulwini nakulo lonke
ibandla. **15** Ngemva kwalokho
amadoda ayeshiwo ngamagama
asukuma athatha izithunjwa,
azinikeza izingubo ezithathwe
empahleni ephangiwe zonke
ezazihamba-ze phakathi kwawo.
Ngakho azigqokisa, azinika izi-
mbadada, ukudla, okuphuzwayo
namafutha okugcoba. Ngaphezu
kwalokho, bonke ababentenga-
ntenga abagibelisa ezimbongo-
lweni abayisa kubafowabo eJe-
riko, idolobha lamasundu. Nge-
mva kwalokho abuyela eSama-
riya.

**16** Ngaleso sikhathi iNkosi
u-Ahazi yacela usizo emakho-
sini ase-Asiriya.[b] **17** Abakwa-
Edomi baphinda futhi beza ba-
hlasela uJuda, bathatha izi-
thunjwa. **18** AmaFilisti[c] ahla-
sela namadolobha aseShefe-
la[d] naseNegebhi kwaJuda, athu-
mba iBheti-shemeshi,[e] i-Ajalo-
ni,[f] iGederoti, iSoko namado-
lobhana angaphansi kwalo,*
iThimna[g] namadolobhana anga-
phansi kwalo neGimizo na-
madolobhana angaphansi kwa-
lo; ahlala khona. **19** UJeho-
va wamthobisa uJuda ngenxa
ka-Ahazi inkosi yakwa-Israyeli,
ngoba wavumela uJuda ukuba
enze noma ikanjani, umphumela
waba ukungathembeki okukhu-
lu kuJehova.

**ISAHL. 28**
a 2Sa 8:6; 1Kr 18:5
b 2Kh 15:37; Isay 7:1
c 2Kr 15:2; Hu 73:27
d 1Kh 16:23, 24; 1Kh 22:51
e Hlu 2:14; Hlu 3:8
f Lev 25:39, 46; 2Kr 8:9

**Uhla 2**
a 2Kr 28:8
b 2Kh 16:7, 8; Isay 7:10-12
c 2Kr 26:1, 6
d 2Kr 26:10
e Jos 15:10, 12
f 2Kr 11:10
g Hlu 14:1

**28:7** *NgesiHebheru, “indlu.”

**28:18** *Noma, “alizungezile.”

**20** Ekugcineni uThiligati-
philineseri[a] inkosi yase-Asiri-
ya weza walwa naye wamba-
ngela ukucindezeleka[b] kunoku-
ba amqinise. **21** Ngoba u-Aha-
zi wayephundle indlu kaJehova
nendlu yenkosi*[c] nezindlu ze-
zikhulu, wanikeza inkosi yase-
Asiriya isipho; kodwa akumsi-
zanga ngalutho. **22** Ngesikha-
thi icindezelekile, iNkosi u-Aha-
zi ayithembekanga ngisho na-
kakhulu kuJehova. **23** Yaqa-
la ukuhlabela onkulunkulu ba-
seDamaseku[d] ababeyinqobile,[e]
yaqhubeka yathi: "Ngenxa yo-
kuthi onkulunkulu bamakho-
si aseSiriya bayawasiza, ngizo-
hlabela bona ukuze bangisize
nami."[f] Kodwa kunalokho baba
isikhubekiso kuyo nakuwo wo-
nke u-Israyeli. **24** Ngaphezu
kwalokho, u-Ahazi waqoqa izi-
nto zendlu kaNkulunkulu weqi-
niso; wabe esezenza izicucu
lezi zinto zendlu kaNkulunku-
lu weqiniso,[g] wavala iminyango
yendlu kaJehova,[h] wazenzela
ama-altare kuwo wonke ama-
khona eJerusalema. **25** Kuwo
wonke amadolobha akwaJuda,
wenza nezindawo eziphakeme
zokushunqisela abanye onkulu-
nkulu umusi womhlatshelo,[i] wa-
mcasula uJehova uNkulunkulu
wokhokho bakhe.

**26** Ngokuqondene nawo wo-
nke omunye umlando wakhe,
nakho konke akwenza kusuke-
la ekuqaleni kuze kube seku-
gcineni, kulotshiwe eNcwadi-
ni Yamakhosi AkwaJuda Nawa-
kwa-Israyeli.[j] **27** U-Ahazi wa-
shona, wangcwatshwa nokho-
kho bakhe edolobheni eJerusa-
lema, ngoba abazange bamle-
the emangcwabeni amakhosi
akwa-Israyeli.[k] UHezekiya indo-
dana yakhe waba inkosi esi-
khundleni sakhe.

**29** UHezekiya[a] waba inkosi
eneminyaka engu-25, wa-
busa iminyaka engu-29 eJeru-
salema. Igama likanina kwaku-
ngu-Abhiya indodakazi kaZaka-
riya.[b] **2** Waqhubeka enza oku-
lungile emehlweni kaJehova,[c]
njengoba nje uDavide ukhokho
wakhe ayenzile.[d] **3** Ngonyaka
wokuqala wokubusa kwakhe,
ngenyanga yokuqala, wavula
iminyango yendlu kaJehova wa-
yilungisa.[e] **4** Ngemva kwalo-
kho waletha abapristi namaLe-
vi wabaqoqela endaweni evule-
kile ngasempumalanga. **5** Wa-
thi kubo: "Ngilaleleni, nina
maLevi. Manje zingcweliseni[f]
ningcwelise nendlu kaJeho-
va uNkulunkulu wokhokho
benu, nisuse into engahlanzeki-
le endaweni engcwele.[g] **6** Ngo-
ba obaba abathembekanga fu-
thi benze okubi emehlweni ka-
Jehova uNkulunkulu wethu.[h]
Bamshiyile, baphendula ubuso
babo bangalibheka itabernake-
le likaJehova futhi bamfulathe-
la.[i] **7** Bavala neminyango yom-
pheme[j] bacima nezibani.[k] Ba-
yeka ukushisa impepho[l] no-
kunikela imihlatshelo eshiswa-
yo[m] endaweni engcwele kuNku-
lunkulu ka-Israyeli. **8** Ngenxa
yalokho uJehova wamthuku-
thelela uJuda neJerusalema,[n]
kangangokuba wabenza baba
yinto ethuthumelisayo, eshaqi-
sayo neyinhlekisa,* njengoba
nje nizibonela nani ngawenu.[o]
**9** Bhekani okhokho bethu
bawa ngenkemba,[p] amadodana
ethu, amadodakazi ethu no-
mkethu bathunjwa ngenxa yalo-
khu.[q] **10** Manje kuyisifiso se-
nhliziyo yami ukwenza isivu-
melwano noJehova uNkulunku-
lu ka-Israyeli,[r] ukuze intukuthe-
lo yakhe evuthayo isuke kithi.

---

**28:21** *Noma, "nesigodlo."

**29:8** *Noma, "neyimbangela yokushaya ikhwela."

ISAHL. 28
a 2Kh 15:29; 2Kh 16:7, 8; 1Kr 5:26
b 2Kh 17:5; Isay 7:20
c 2Kh 18:15, 16; 2Kr 12:9
d 2Kr 25:14
e 2Kh 16:10-13
f Jer 44:18
g 2Kh 16:17
h 1Kh 6:33, 34; 2Kr 29:7
i 1Kh 14:22, 23; 2Kh 15:32, 35; 2Kr 21:5, 11; 2Kr 33:1, 3
j 2Kh 16:19
k 2Kr 21:16, 20; 2Kr 33:20

Uhla 2

ISAHL. 29
a Isay 1:1; Hos 1:1; Mat 1:10
b 2Kh 18:1, 2
c 2Kr 31:20
d 1Kh 15:5; 2Kh 18:3
e 1Kh 6:33, 34; 2Kr 28:24
f 1Kr 15:11, 12
g 2Kh 18:4
h 2Kr 28:22, 23; Jer 44:21
i Jer 2:27; Hez 8:16
j 1Kh 6:33, 34
k Lev 24:2
l Eks 30:8
m Eks 29:38
n 2Kr 24:18
o Lev 26:32; Dut 28:15, 25
p Lev 26:14, 17
q 2Kr 28:5-8
r 2Kr 15:10-13

**11** Madodana ami, manje aku-
sona isikhathi sokunganaki*
ngoba yinina uJehova anikhe-
thile ukuba nime phambi kwa-
khe ukuze nisebenze njengezi-
khonzi zakhe[a] nishunqise no-
musi wemihlatshelo yakhe."[b]

**12** AmaLevi asukuma: uMa-
hati indodana ka-Amasayi no-
Joweli indodana ka-Azariya ku-
maKohati;[c] kumaMerari,[d] uKi-
shi indodana ka-Abhidi no-Aza-
riya indodana kaJehaleleli; ku-
maGereshoni,[e] uJowa indoda-
na kaZima no-Edene indodana
kaJowa; **13** emadodaneni ka-
Elizafani, uShimri noJewuwe-
li; emadodaneni ka-Asafa,[f] uZa-
kariya noMathaniya; **14** ema-
dodaneni kaHemani,[g] uJehiyeli
noShimeyi; emadodaneni kaJe-
duthuni,[h] uShemaya no-Uziye-
li. **15** Abe eseqoqela abafo-
wabo ndawonye bazingcweli-
sa beza, njengoba inkosi ya-
yiyalile ngokwamazwi kaJeho-
va ukuba bahlanze indlu kaJe-
hova.[i] **16** Abapristi babe se-
bengena ngaphakathi endli-
ni kaJehova ukuze bayihlanze,
bakhipha konke okungcolile
abakuthola ethempelini likaJe-
hova bakuyisa egcekeni[j] lendlu
kaJehova. AmaLevi wona aku-
thatha akukhiphela ngapha-
ndle eSigodini SaseKidroni.[k]
**17** Ngakho baqala ukungcweli-
sa ngosuku lokuqala lwenya-
nga yokuqala, ngosuku luka-8
lwenyanga bafika emphemeni
kaJehova.[l] Bangcwelisa indlu
kaJehova ngezinsuku ezingu-8,
baqeda ngosuku luka-16 lwe-
nyanga yokuqala.

**18** Ngemva kwalokho baya
eNkosini uHezekiya bathi: "Si-
yihlanze yonke indlu kaJeho-
va, i-altare lomnikelo oshiswa-
yo[m] nazo zonke izinto zalo,[n] ne-
tafula lezinkwa ezitakelene*[o]
nazo zonke izinto zalo.
**19** Zonke izinto iNkosi u-Ahazi
eyazikhipha ethempelini eku-
phambukeni kwayo[a] ngesikha-
thi isabusa sizilungisile sazi-
ngcwelisa,[b] ziphambi kwe-alta-
re likaJehova."

**20** INkosi uHezekiya yavuka
ekuseni kakhulu yaqoqela nda-
wonye izikhulu zedolobha, ba-
khuphukela endlini kaJeho-
va. **21** Baletha izinkunzi ezi-
yisikhombisa, izinqama eziyi-
sikhombisa, amawundlu anga-
maduna ayisikhombisa nezi-
mpongo eziyisikhombisa kwa-
ba umnikelo wesono wombu-
so, wendlu engcwele nokaJu-
da.[c] Ngakho yatshela abapristi,
inzalo ka-Aroni, ukuba banike-
le ngazo e-altare likaJehova.
**22** Babe sebehlaba izinkomo,[d]
abapristi bathatha igazi balifa-
faza e-altare;[e] ngemva kwalo-
kho bahlaba izinqama iga-
zi balifafaza e-altare, bahlaba
namawundlu angamaduna iga-
zi balifafaza e-altare. **23** Ba-
letha izimpongo zomnikelo we-
sono phambi kwenkosi neba-
ndla, babeka izandla zabo phe-
zu kwazo. **24** Abapristi bazi-
hlaba benza umnikelo wesono
ngegazi lazo e-altare ukuze be-
nzele wonke u-Israyeli isihla-
wulelo, ngoba inkosi yayithe
umnikelo oshiswayo nomnikelo
wesono kufanele ube ngowawo
wonke u-Israyeli.

**25** Phakathi naleso sikhathi
yayala ukuba kumiswe ama-
Levi endlini kaJehova, ephe-
the amasimbali, izinsimbi zo-
mculo ezinezintambo namaha-
bhu,[f] ngomyalo kaDavide[g] no-
kaGadi[h] umboni wemibono we-
nkosi nokaNathani[i] umprofe-
thi, ngoba umyalo wawuve-
la kuJehova ngabaprofethi ba-
khe. **26** Ngakho amaLevi aye-
mile ephethe izinsimbi zomculo

---

**29:11** *Noma, "sokuphumula." **29:18** *Okuwukuthi, isinkwa sokubukwa.

**ISAHL. 29**
a Num 3:6; Dut 10:8
b 1Kr 23:13
c Num 4:2, 3; 1Kr 23:12
d 1Kr 23:21
e 1Kr 23:7
f 1Kr 15:16, 17; 1Kr 25:1, 2
g 1Kr 25:5
h 1Kr 25:1
i 2Kr 29:5
j 1Kh 6:36
k 2Kh 23:4, 6; 2Kr 15:16; Joh 18:1
l 1Kh 6:3; 1Kr 28:11
m 2Kr 4:1
n 1Kh 7:40
o 1Kh 7:48

**Uhla 2**
a 2Kr 28:1, 2; 2Kr 28:24
b 2Kr 29:5
c Lev 4:3; Lev 4:13, 14; Num 15:22-24
d Lev 4:4
e Lev 4:7, 18
f 1Kr 25:1, 6; 2Kr 9:11
g 1Kr 28:12, 13; 2Kr 8:12, 14
h 2Sa 24:11, 12; 1Kr 29:29
i 2Sa 7:2; 2Sa 12:1

zikaDavide, abapristi bephethe
amacilongo.[a]
**27** UHezekiya wayala uku-
ba kunikelwe umhlatshelo
oshiswayo e-altare.[b] Ngesikha-
thi umnikelo oshiswayo uqa-
la, kwaqala nengoma kaJehova
namacilongo, elandela ukuqo-
ndisa kwezinsimbi zomculo zi-
kaDavide inkosi yakwa-Israyeli.
**28** Lonke ibandla lakhotha-
ma ngesikhathi kuculwa ingo-
ma kukhala namacilongo—ko-
nke lokhu kwaqhubeka waze
waqedwa umnikelo oshiswayo.
**29** Ngokushesha nje lapho be-
qeda ukwenza umnikelo, inko-
si nabo bonke ababekanye
nayo bakhothama bawa ngobu-
so. **30** INkosi uHezekiya nezi-
khulu batshela amaLevi uku-
ba adumise uJehova ngamazwi
kaDavide[c] naka-Asafa[d] umbo-
ni wemibono. Ngakho adumisa
ngenjabulo enkulu, akhothama
awa ngobuso.
**31** UHezekiya wabe esethi:
"Manje njengoba senihlukani-
selwe uJehova, wozani nile-
the imihlatshelo neminikelo
yokubonga endlini kaJehova."
Ngakho ibandla laqala ukule-
tha imihlatshelo neminikelo yo-
kubonga futhi wonke umu-
ntu owayenenhliziyo ethanda-
yo waletha iminikelo eshiswa-
yo.[e] **32** Iminikelo eshiswayo
eyalethwa ibandla yaba izinko-
mo ezingu-70, izinqama ezi-
ngu-100, amawundlu angu-200
—konke lokhu kwaba umnike-
lo oshiswayo oya kuJehova[f]—
**33** iminikelo engcwele yayiyizi-
nkomo ezingu-600 nezimvu ne-
zimbuzi ezingu-3 000. **34** Ko-
dwa abapristi babembalwa ka-
khulu ukuba bangahlinza yo-
nke iminikelo eshiswayo, nga-
kho abafowabo abangamaLevi
babasiza[g] waze waqedwa umse-
benzi nabapristi baze bakwazi
ukuzingcwelisa,[a] ngoba amaLe-
vi ayeqotho* ekuzingcweliseni
kunabapristi. **35** Iminikelo
eshiswayo nayo yayiminingi ka-
khulu,[b] kanye namaqatha ano-
nile emihlatshelo ehlanganye-
lwayo[c] neminikelo ephuzwayo
yeminikelo eshiswayo.[d] Yavuse-
lelwa* kanjalo inkonzo yendlu
kaJehova. **36** Ngakho uHeze-
kiya nabo bonke abantu ba-
jabula ngalokho uNkulunkulu
weqiniso ayekwenzele abantu,[e]
ngoba konke lokhu kwakwenze-
ke ngokushesha okukhulu.

**30** UHezekiya wathumela
izwi kuwo wonke u-Isra-
yeli[f] noJuda, walobela ngi-
sho no-Efrayimi noManase[g]
izincwadi ukuba beze endli-
ni kaJehova eJerusalema ba-
zogubhela uJehova uNkulu-
nkulu ka-Israyeli iPhasika.[h]
**2** Nokho inkosi, izikhulu zayo
nalo lonke ibandla eJerusale-
ma banquma ukugubha iPhasi-
ka ngenyanga yesibili,[i] **3** ngo-
ba babengazange bakwazi uku-
ligubha ngesikhathi esifane-
le,[j] ngoba babenganele abapri-
sti ababezingcwelisile[k] naba-
ntu babengabuthene eJerusa-
lema. **4** Leli lungiselelo labo-
nakala likahle enkosini na-
kulo lonke ibandla. **5** Ngakho
banquma ukwenza isimemeze-
lo ku-Israyeli wonke, kusukela
eBheri-sheba kuze kufike kwa-
Dani,[l] sokuba abantu beze ba-
gubhele uJehova uNkulunku-
lu ka-Israyeli iPhasika eJeru-
salema, ngoba babengaligubha-
nga njengeqembu ngokuvume-
lana nokulotshiwe.[m]
**6** Izithunywa* zabe seziya
kulo lonke elakwa-Israyeli ne-
lakwaJuda ziphethe izincwa-

**ISAHL. 29**
*a* Num 10:8; 1Kr 15:24
*b* Lev 1:3, 4
*c* 2Sa 23:1
*d* 1Kr 16:7
*e* Lev 1:3
*f* 1Kh 3:4; 1Kh 8:63; 1Kr 29:21, 22
*g* Num 8:19; 2Kr 30:17; 2Kr 35:10, 11

**Uhla 2**
*a* 2Kr 30:2, 3
*b* 2Kr 29:32
*c* Lev 3:1; Lev 3:14-16
*d* Num 15:5
*e* 2Kr 30:12

**ISAHL. 30**
*f* 2Kr 11:14, 16
*g* 2Kr 34:1, 6, 7
*h* Eks 12:43; Lev 23:5; Dut 16:2; 2Kr 35:1
*i* Num 9:10, 11
*j* Eks 12:18
*k* 2Kr 29:34
*l* Hlu 18:29
*m* 2Kr 35:18

**29:34** *NgesiHebheru, "ayeqotho enhliziyweni." **29:35** *Noma, "Yalungiswa." **30:6** *NgesiHebheru, "Abagijimi."

di ezivela enkosini nasezi-
khulwini zayo, njengoba inko-
si yayiyalile, ithi: “Bantu ba-
kwa-Israyeli, buyelani kuJeho-
va uNkulunkulu ka-Abrahama,
u-Isaka no-Israyeli, ukuze abu-
yele kwabasele abaphunyuke
esandleni samakhosi ase-Asiri-
ya.[a] **7** Ningabi njengokhokho
benu nanjengabafowenu abe-
nza ngokungathembeki kuJe-
hova uNkulunkulu wokhokho
babo, kangangokuba wabenza
baba yinto eshaqisayo, njengo-
ba nje nibona.[b] **8** Manje ni-
ngabi nenkani njengokhokho
benu.[c] Zithobeni kuJehova,
nize endlini yakhe engcwele[d]
ayingcwelisile kuze kube pha-
kade nikhonze uJehova uNku-
lunkulu wenu, ukuze intuku-
thelo yakhe evuthayo isuke
kini.[e] **9** Ngoba lapho nibuye-
la kuJehova, abafowenu nama-
dodana enu bayoboniswa isihe
ngabantu ababathumbile,[f] ba-
vunyelwe ukuba babuyele kule-
li zwe,[g] ngoba uJehova uNkulu-
nkulu wenu unozwela* nesihe[h]
futhi ngeke abususe ubuso ba-
khe kini uma nibuyela kuye.”[i]

**10** Ngakho izithunywa* za-
suka kwelinye idolobha zaya
kwelinye kulo lonke izwe la-
kwa-Efrayimi nelakwaManase,[j]
zafika ngisho nakwaZebhulo-
ni, kodwa abantu babezigco-
na behlekisa ngazo.[k] **11** No-
kho abantu abathile kwa-Ashe-
ri, kwaManase nakwaZebhu-
loni bazithoba beza eJeru-
salema.[l] **12** Isandla sikaNku-
lunkulu weqiniso saba kho-
na nakwaJuda ukuba sibenze
babe munye* ekufezeni umyalo
wenkosi nowezikhulu ngokwe-
zwi likaJehova.

**13** Abantu abaningi babutha-
na ndawonye eJerusalema be-
zogubha uMkhosi Wesinkwa Esi-
ngenamvubelo[a] ngenyanga yesi-
bili;[b] kwakuyibandla elikhulu
kakhulu. **14** Basukuma basusa
ama-altare ayeseJerusalema,[c]
basusa nawo wonke ama-altare
empepho[d] bawaphonsa eSigodi-
ni SaseKidroni. **15** Ngemva
kwalokho bahlaba umhlatshelo
wePhasika ngosuku luka-14 lwe-
nyanga yesibili. Abapristi nama-
Levi bazizwa bephoxekile, nga-
kho bazingcwelisa futhi baletha
iminikelo eshiswayo endlini ka-
Jehova. **16** Bama ezindaweni
zabo ezivamile, ngokoMthetho
KaMose umuntu kaNkulunkulu
weqiniso; abapristi babe sebefa-
faza igazi[e] abalithathe esandle-
ni samaLevi. **17** Babebaningi
ebandleni ababengazingcwelisa-
nga, amaLevi ayengamele uku-
hlatshwa kwemihlatshelo ye-
Phasika yabo bonke ababe-
ngcolile,[f] ukuze babangcwe-
lisele uJehova. **18** Ngoba aba-
ntu abaningi ikakhulukazi aba-
bevela kwa-Efrayimi, kwaMana-
se,[g] kwa-Isakare nakwaZebhulo-
ni, babengazihlanzanga, kodwa
noma kunjalo balidla iPhasika,
ngokuphambene nalokho okulo-
tshiwe. Kodwa uHezekiya wa-
bathandazela, wathi: “Kwanga-
thi uJehova omuhle[h] angabone-
lela **19** wonke umuntu olungi-
se inhliziyo yakhe ukuba ifu-
ne uNkulunkulu weqiniso[i] uJe-
hova, uNkulunkulu wokhokho
bakhe, nakuba engahlanzwanga
ngokuvumelana nomthetho wo-
bungcwele.”[j] **20** UJehova wa-
mlalela uHezekiya wabaxolela*
abantu.

**21** Ngakho ama-Israyeli aye-
seJerusalema awugubha
uMkhosi Wesinkwa Esingena-
mvubelo[k] izinsuku eziyisikho-
mbisa ngokujabula okukhulu,[l]
amaLevi nabapristi babedumisa

ISAHL. 30

*a* 2Kh 15:29, 1Kr 5:26, 2Kr 28:20, 21
*b* 2Kr 29:8, 9
*c* Eks 32:9
*d* Dut 12:5, 6, Hu 132:13
*e* 2Kr 29:10
*f* 1Kh 8:49, 50
*g* Dut 30:1-3
*h* Eks 34:6, Hu 86:5, Mik 7:18
*i* 2Kr 15:2, Isay 55:7, Jak 4:8
*j* 2Kr 30:1
*k* 2Kr 36:15, 16
*l* 2Kr 11:14, 16

Uhla 2

*a* Lev 23:6
*b* Num 9:10, 11
*c* 2Kh 18:22
*d* 2Kr 28:24
*e* Lev 1:5
*f* 2Kr 29:34
*g* 2Kr 30:1
*h* Hu 86:5
*i* 2Kr 19:2, 3, Ezr 7:10
*j* Num 9:6, 10
*k* Lev 23:6
*l* Dut 12:5, 7, Neh 8:10

---

**30:9** *Noma, “unomusa.” **30:10** *NgesiHebheru, “abagijimi.” **30:12** *NgesiHebheru, “sibanike inhliziyo eyodwa.”

**30:20** *NgesiHebheru, “wabaphulukisa.”

uJehova usuku nosuku, bezidla-
lela phezulu izinsimbi zomcu-
lo bedumisa uJehova.[a] **22** Nga-
phezu kwalokho, uHezekiya wa-
khuluma nawo wonke amaLevi
ayekhonza uJehova ngokuqonda
futhi wawakhuthaza.* Adla izi-
nsuku eziyisikhombisa phakathi
nalo mkhosi,[b] enza imihlatshe-
lo ehlanganyelwayo[c] futhi ebo-
nga uJehova uNkulunkulu wo-
khokho bawo.

**23** Lonke ibandla lanquma
ukuwugubha ezinye futhi izi-
nsuku eziyisikhombisa, nga-
kho lawugubha ezinye izinsu-
ku eziyisikhombisa ngokujabu-
la.[d] **24** UHezekiya inkosi ya-
kwaJuda wanikelela ibandla izi-
nkunzi ezingu-1 000 nezimvu
ezingu-7 000, izikhulu zanikele-
la ibandla izinkunzi ezingu-1 000
nezimvu ezingu-10 000;[e] abapri-
sti abaningi kakhulu babezi-
ngcwelisa.[f] **25** Lonke ibandla
lakwaJuda, abapristi, amaLe-
vi, lonke ibandla elalivela kwa-
Israyeli,[g] izifiki[h] ezazivela ezwe-
ni lakwa-Israyeli nalabo ababe-
hlala kwaJuda baqhubeka beja-
bula. **26** Kwaba khona injabu-
lo enkulu eJerusalema, ngoba
kusukela ezinsukwini zikaSolo-
moni indodana kaDavide inko-
si yakwa-Israyeli, yayingazange
yenzeke into enjengale eJe-
rusalema.[i] **27** Ekugcineni aba-
pristi abangamaLevi basukuma
babusisa abantu;[j] uNkulunkulu
walilalela izwi labo, umthanda-
zo wabo wafika endaweni ya-
khe yokuhlala engcwele, emazu-
lwini.

**31** Ngokushesha nje lapho
sebeqede konke lokhu,
wonke ama-Israyeli ayekho-
na aphuma aya emadolobheni
akwaJuda afike aphihliza izinsi-
ka ezingcwele,[k] agawula izigxo-
bo ezingcwele,*[a] adiliza nezi-
ndawo eziphakeme[b] nama-alta-
re[c] kulo lonke elakwaJuda nela-
kwaBhenjamini nakwa-Efrayimi
nakwaManase,[d] kwaze kwaphe-
la konke, ngemva kwalokho wo-
nke ama-Israyeli abuyela ema-
dolobheni awo, yilowo nalowo
efeni lakhe.

**2** UHezekiya wabe esemisa
abapristi ngokwezigaba zabo[e]
namaLevi ngokwezigaba zawo,[f]
umpristi ngamunye nomLevi
ngamunye ngokwenkonzo ya-
khe,[g] ngokuphathelene nemini-
kelo eshiswayo nemihlatshe-
lo ehlanganyelwayo, ukuze ba-
khonze, babonge futhi badumi-
se emasangweni amagceke* ka-
Jehova.[h] **3** Ingxenye yempa-
hla yenkosi yayiswa eminike-
lweni eshiswayo,[i] ehlanganisa
iminikelo yasekuseni neyakusi-
hlwa,[j] kanye neminikelo eshi-
swayo yamaSabatha,[k] eyokwe-
thwasa kwezinyanga[l] neyemi-
khosi,[m] ngokuvumelana nalo-
kho okulotshwe eMthethweni
kaJehova.

**4** Ngaphezu kwalokho, waya-
la abantu abahlala eJerusale-
ma ukuba bakhiphe isabelo sa-
bapristi nesamaLevi,[n] ukuze ba-
namathele ngokuqinile* em-
thethweni kaJehova. **5** Ngo-
kushesha nje lapho sekukhi-
shwe umyalo, ama-Israyeli akhi-
pha insada yezithelo zokuqa-
la zokudla okusanhlamvu, iwa-
yini elisha, amafutha[o] noju
nayo yonke imikhiqizo yensi-
mu;[p] akhipha okweshumi kwa-
kho konke akuletha ngobuni-
ngi.[q] **6** Abantu bakwa-Israyeli
nabakwaJuda ababehlala ema-
dolobheni akwaJuda nabo bale-
tha okweshumi kwezinkomo
nezimvu nokweshumi kwezinto

**30:22** * NgesiHebheru, "wakhuluma nenhliziyo yawo."

**31:1** * Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **31:2** * NgesiHebheru, "amakamu." **31:4** * Noma, "bazinikele ngokuphelele."

ISAHL. 30
a 2Kr 29:25
b Lev 23:6
c Lev 3:1
d 1Kh 8:65
e 2Kr 35:7, 8
f 2Kr 29:34
g 2Kr 30:11, 18
h Eks 12:49
i 1Kh 8:65, 66
j Num 6:23-26; Dut 10:8

ISAHL. 31
k Eks 23:24

Uhla 2
a Dut 7:5; 2Kh 18:1, 4; 2Kr 14:2, 3; 2Kr 34:1, 3
b Dut 12:2
c 2Kr 23:16, 17
d 2Kr 30:1, 18
e 1Kr 24:1
f 1Kr 23:6
g 2Kr 8:14
h 1Kr 23:13; 1Kr 23:27-30
i 2Kr 30:24
j Eks 29:39
k Num 28:9
l Num 10:10
m Dut 16:16
n Num 18:21; Neh 10:38, 39
o Num 18:12
p Eks 22:29; Eks 23:19; Neh 10:37
q IzA 3:9

ezingcwele[a] ezazingcweliselwe
uJehova uNkulunkulu wabo.
Bakuletha bakubeka kwaba yi-
zinqwaba. **7** Ngenyanga yesi-
thathu[b] baqala ukubeka imini-
kelo yabo yaba yizinqwaba; ba-
qeda ngenyanga yesikhombisa.[c]
**8** Lapho uHezekiya nezikhulu
befika futhi bebona lezi zinqwa-
ba, badumisa uJehova babusisa
abantu bakhe u-Israyeli.
**9** UHezekiya wabuza abapri-
sti namaLevi ngalezi zinqwaba,
**10** u-Azariya induna yabapristi
yendlu kaZadoki wathi kuye:
"Kusukela ngesikhathi abaqala
ngaso ukuletha iminikelo endli-
ni kaJehova[d] abantu bebelo-
khu bedla baze basuthe futhi
kusekhona okuningi kakhulu
okusele, ngoba uJehova uba-
busisile abantu bakhe, kwasala
le nqwaba."[e]
**11** UHezekiya wathi mabalu-
ngise izinqolobane*[f] endlini ka-
Jehova, ngakho bazilungisa.
**12** Baqhubeka ngokwethembe-
ka beletha iminikelo, okweshu-
mi[g] nezinto ezingcwele; uKho-
naniya umLevi wabekwa uku-
ba engamele konke lokhu nje-
ngomqondisi, uShimeyi umfo-
wabo engowesibili. **13** UJehi-
yeli, u-Azaziya, uNahati, u-Asa-
heli, uJerimoti, uJozabha-
di, u-Eliyeli, u-Isimakiya, uMa-
hati noBhenaya babengaba-
phathi futhi besiza uKhona-
niya noShimeyi umfowabo,
ngokomyalo weNkosi uHezeki-
ya, u-Azariya wayengumqondi-
si wendlu kaNkulunkulu weqini-
so. **14** UKore indodana ka-
Imna, umlindisango ongumLevi
ohlangothini olungasempuma-
langa,[h] wayengamele iminikelo
yokuzithandela[i] kaNkulunkulu
weqiniso, waba umnikelo owa-
wenzelwa uJehova[j] nezinto ezi-
ngcwelengcwele.[k] **15** Ngapha-
nsi kokuqondisa kwakhe kwa-
kukhona u-Edene, uMiniyamini,
uJeshuwa, uShemaya, u-Ama-
riya noShekaniya, emadolo-
bheni abapristi,[a] esikhundle-
ni sabo sokwethenjelwa, ukuze
babele ngokulinganayo abafo-
wabo ngokwezigaba zabo,[b] om-
khulu nomncane ngokufanayo.
**16** Lokhu kwakwenziwa nga-
phezu kokwabela abesilisa aba-
sukela eminyakeni emithathu
ubudala kuya phezulu ababeso-
hlwini lozalo, ababeza njalo be-
zokhonza endlini kaJehova be-
nze nemisebenzi yezigaba zabo.
**17** Abapristi babefakwa
ohlwini lozalo ngokweminde-
ni yoyise,[c] njengoba kwaku-
njalo ngamaLevi ayeneminyaka
engu-20 ubudala kuya phezu-
lu,[d] ngokwemisebenzi yezigaba
zabo.[e] **18** Ohlwini lozalo kwa-
kunabantwana babo, omkabo,
amadodana namadodakazi abo,
lonke ibandla—ngoba bazigci-
na bengcweliselwe okungcwe-
le ngenxa yesikhundla sabo so-
kwethenjelwa— **19** kanye ne-
nzalo ka-Aroni, abapristi aba-
behlala emadlelweni azungeze
amadolobha abo.[f] Kuwo wonke
amadolobha, amadoda ayega-
gulwe ngamagama ukuba ani-
ke bonke abesilisa izabelo
phakathi kwabapristi nabo bo-
nke ababesohlwini lozalo lwa-
maLevi.
**20** UHezekiya wenza lokhu
kuwo wonke uJuda, waqhube-
ka enza okuhle nokulungile fu-
thi wayethembekile phambi ku-
kaJehova uNkulunkulu wakhe.
**21** Yonke imisebenzi ayenza
ukuze afune uNkulunkulu wa-
khe, kungakhathaliseki ukuthi
yayihlobene nenkonzo yendlu
kaNkulunkulu weqiniso[g] noma
uMthetho nomyalo, wayenza
ngenhliziyo ephelele futhi wa-
phumelela.

**31:11** *Noma, "amagumbi okudlela."

ISAHL. 31
*a* Lev 27:30, Dut 14:28
*b* Lev 23:16
*c* Lev 23:24
*d* Num 18:8
*e* Mal 3:10
*f* Neh 10:38, 39; Neh 12:44
*g* Lev 27:30, Dut 14:28
*h* 1Kr 26:17, 19
*i* Dut 12:5, 6; Dut 16:10
*j* Num 18:8
*k* Lev 2:10, Lev 7:1

Uhla 2
*a* Jos 21:19
*b* 1Kr 24:1
*c* 1Kr 24:4
*d* Num 4:2, 3; Num 8:24; 1Kr 23:24
*e* 1Kr 23:6
*f* Lev 25:33, 34; Num 35:2; Jos 21:13
*g* 2Kr 29:35

**32** Ngemva kwalezi zinto na-
lezi zenzo zokwethembe-
ka,[a] uSaneheribi inkosi yase-
Asiriya weza wahlasela uJuda.
Wavimbezela amadolobha ane-
zivikelo eziqinile, efuna ukuwa-
fohla ukuze awathathe.[b]
**2** Lapho uHezekiya ebona
ukuthi uSaneheribi wayefiki-
le futhi ehlose ukulwa neJe-
rusalema, **3** ngemva kokuxo-
xa nezikhulu zakhe namaqha-
we akhe, wanquma ukuba ku-
valwe amanzi eziphethu nga-
phandle kwedolobha;[c] ngakho
bamsiza. **4** Abantu abaningi
babeqoqene ndawonye, baziva-
la zonke iziphethu nemifudla-
na egeleza phakathi kwezwe,
bethi: "Kungani amakhosi ase-
Asiriya kufanele eze athole
amanzi amaningi?"
**5** Ngaphezu kwalokho, ngo-
kuzimisela walwakha kabusha
lonke udonga olwalubhidlikile
wamisa imibhoshongo kulo, na-
ngaphandle wakha olunye udo-
nga. Walungisa neNdunduma*[d]
Yedolobha LikaDavide, wenza
nenqwaba yezikhali# namaha-
wu. **6** Wabe esemisa izindu-
na zempi phezu kwabantu, wa-
baqoqela esigcawini sesango
ledolobha wabakhuthaza* wa-
thi: **7** "Yibani nesibindi niqi-
ne. Ningesabi noma nethu-
ke ngenxa yenkosi yase-Asiri-
ya[e] naso sonke lesi sixuku
esinayo, ngoba baningi ka-
khulu abanathi kunabanayo.[f]
**8** Yona inengalo yenyama,* ko-
dwa thina sinoJehova uNku-
lunkulu wethu ozosisiza futhi
alwe izimpi zethu."[g] Abantu ba-
qina ngenxa yamazwi kaHeze-
kiya inkosi yakwaJuda.[h]

**9** Ngemva kwalokho, nge-
sikhathi uSaneheribi inkosi
yase-Asiriya eseLakishi[a] eka-
nye nawo wonke amabutho
akhe asebukhosini, wathume-
la izinceku zakhe eJerusale-
ma kuHezekiya inkosi yakwa-
Juda nakubo bonke abaseJudi-
ya eJerusalema,[b] wathi:
**10** "Yilokhu uSaneheribi
inkosi yase-Asiriya akushoyo,
'Nithembeni njengoba nihleli
eJerusalema libe livinjezelwe?[c]
**11** Akanikhohlisi yini uHezeki-
ya futhi akaninikeli yini ukuba
nibulawe indlala nokoma, ethi:
"UJehova uNkulunkulu wethu
uzosisindisa esandleni senko-
si yase-Asiriya"?[d] **12** Akuye-
na yini lo Hezekiya owasu-
sa izindawo eziphakeme zika-
Nkulunkulu wenu[e] nama-altare
aKhe[f] wayesethi kuJuda nase-
Jerusalema: "Kufanele nikho-
thame phambi kwe-altare eli-
lodwa, nishunqise umusi wom-
hlatshelo kulo"?[g] **13** Anikwa-
zi yini lokho mina nokhokho
bami esakwenza kuzo zonke
izizwe zamazwe?[h] Onkulunku-
lu bezizwe zamazwe bakwazi
yini ukusindisa izwe labo esa-
ndleni sami?[i] **14** Ubani pha-
kathi kwabo bonke onkulunku-
lu balezi zizwe okhokho bami
abazibhubhisa owakwazi uku-
sindisa abantu bakhe esa-
ndleni sami, ukuze uNkulu-
nkulu wenu akwazi ukunisindi-
sa esandleni sami?[j] **15** Ninga-
mvumeli uHezekiya anikhohli-
se noma anidukise ngale ndle-
la![k] Ningamethembi ngoba aku-
kho nkulunkulu wanoma isi-
phi isizwe noma umbuso owa-
kwazi ukusindisa abantu ba-
khe esandleni sami nasesa-
ndleni sokhokho bami. Ayisa-
phathwa ekaNkulunkulu wenu,
ngeke akwazi ukunisindisa esa-
ndleni sami!' "[l]

**32:5** *Noma, "neMilo." Igama lesiHebheru elisho "ukugcwalisa." #Noma, "yemicibisholo." **32:6** *NgesiHebheru, "wakhuluma nenhliziyo yabo." **32:8** *Noma, "inamandla omuntu."

ISAHL. 32
a 2Kr 31:20
b 2Kh 18:7, 13; Isay 36:1
c 2Kh 20:20
d 2Sa 5:9; 1Kh 9:24; 1Kh 11:27; 2Kh 12:20
e 2Kh 19:6
f Dut 31:6, 8; Jos 1:6, 9; 2Kh 6:16, 17; 2Kr 20:15
g Num 14:9; Dut 20:1, 4; Jos 10:42; Jer 17:5
h 2Kr 20:20

Uhla 2
a Isay 37:8
b 2Kh 18:17; Isay 36:2
c 2Kh 18:19; Isay 36:4
d 2Kh 18:29, 30; 2Kh 19:10
e 2Kh 18:1, 4
f 2Kr 31:1
g 2Kh 18:22; Isay 36:7
h 2Kh 15:29; 2Kh 17:5; Isay 37:12
i 2Kh 18:33, 34; 2Kh 19:17, 18
j Eks 14:3; Eks 15:9
k 2Kh 18:29
l Eks 5:2; Dut 32:27; Dan 3:14, 15

**16** Izinceku zakhe zasho okubi nakakhulu ngoJehova uNkulunkulu weqiniso nangoHezekiya inceku yakhe. **17** Wabhala ngisho nezincwadi[a] ukuze ahlambalaze uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli[b] futhi akhulume kabi ngaye, ethi: “Njengonkulunkulu bezizwe zamazwe abangakwazanga ukusindisa abantu babo esandleni sami,[c] noNkulunkulu kaHezekiya naye ngeke abasindise abantu bakhe esandleni sami.” **18** Babelokhu bememeza kakhulu ngolimi lwamaJuda bememeza abantu baseJerusalema ababesodongeni, ukuze babesabise futhi babathuse bese bethumba idolobha.[d] **19** Bakhuluma kabi ngoNkulunkulu waseJerusalema ngendlela efanayo nababekhuluma kabi ngayo ngonkulunkulu bezizwe zomhlaba, abawumsebenzi wezandla zomuntu. **20** Kodwa iNkosi uHezekiya nomprofethi u-Isaya[e] indodana ka-Amozi, babelokhu bethandaza ngalokhu futhi bekhala becela usizo emazulwini.[f]

**21** UJehova wabe esethuma ingelosi, yaqothula wonke amaqhawe anamandla,[g] umholi kanye nenduna ekamu lenkosi yase-Asiriya, kangangokuba le nkosi yaphindela ezweni layo ihlazekile. Kamuva yangena endlini* kankulunkulu wayo, amanye amadodana ayo ayibulalela khona ngenkemba.[h] **22** Ngakho uJehova wamsindisa uHezekiya nabakhile eJerusalema esandleni sikaSaneheribi inkosi yase-Asiriya nasesandleni sabo bonke abanye, wabanika ukuphumula kuzo zonke izitha zabo ezazibazungezile. **23** Abaningi baletha izipho kuJehova eJerusalema nezinto zekhethelo kuHezekiya inkosi yakwaJuda[a] futhi zonke izizwe zamhlonipha kakhulu ngemva kwalokho.

**24** Ngalezo zinsuku uHezekiya wagula waze wacishe wafa futhi wathandaza kuJehova[b] owamphendula, wamnika isibonakaliso.*[c] **25** Kodwa uHezekiya yena akazange abonise ukubonga ngokuhle ayenzelwe kona, ngoba inhliziyo yakhe yazidla, wazibizela yena noJuda neJerusalema intukuthelo kaNkulunkulu. **26** Nokho, uHezekiya wayithobisa inhliziyo yakhe ezidlayo,[d] yena nabakhe eJerusalema, nentukuthelo kaJehova ayizange ibehlele ezinsukwini zikaHezekiya.[e]

**27** UHezekiya waba nengcebo eningi nodumo;[f] wazenzela izinqolobane[g] zesiliva, zegolide, zamatshe ayigugu, zamafutha ebhalsamu, zamahawu nezazo zonke izinto ezifiselekayo. **28** Wenza nezindawo zokugcina imikhiqizo yokudla okusanhlamvu newayini elisha namafutha, kanye nezibaya zazo zonke izinhlobo zezilwane ezifuywayo nezibaya zemihlambi. **29** Wazitholela namadolobha nemfuyo eningi kakhulu, imihlambi yezimvu nezimbuzi neyezinkomo, ngoba uNkulunkulu wamnika impahla eningi kakhulu. **30** UHezekiya nguye owavala umthombo ongenhla wamanzi[h] aseGihoni,[i] wawaqondisa ngqo entshonalanga aya eDolobheni LikaDavide,[j] uHezekiya waphumelela kuyo yonke imisebenzi yakhe. **31** Nokho lapho abakhulumeli bezikhulu zaseBhabhiloni bethunyelwa kuye ukuze bambuze ngesibonakaliso*[k] esasenzeke ezweni,[l] uNkulunkulu weqiniso

**32:21** *Noma, “ethempelini.”

**32:24** *Noma, “ibika.” **32:31** *Noma, “ngebika.”

ISAHL. 32
- a 2Kh 19:14
- b Isay 37:29
- c 2Kh 17:6, 2Kh 19:12
- d 2Kh 18:26, 28, Isay 36:11, 13
- e 2Kh 19:2, 20, Isay 37:2
- f 2Kh 19:14, 15, 2Kr 14:11
- g Hu 76:5
- h 2Kh 19:35-37, Isay 37:37, 38

Uhla 2
- a 1Kh 4:21, 2Kr 17:1, 5
- b 2Kh 20:1, 2, Isay 38:1, 2
- c 2Kh 20:5, 9, 2Kr 32:31, Isay 38:8
- d Jer 26:18, 19
- e 2Kh 20:19
- f 2Kr 1:11, 12, 2Kr 17:1, 5
- g 1Kh 9:17-19
- h 2Kr 32:4
- i 1Kh 1:33, 45
- j 2Sa 5:9
- k 2Kh 20:8-11, Isay 38:8
- l 2Kh 20:12, Isay 39:1

wamshiya ukuze amvivinye,[a]
ukuze azi konke okwakusenhli-
ziyweni yakhe.[b]
**32** Ngokuqondene nawo wo-
nke omunye umlando kaHeze-
kiya nezenzo zakhe zothando
oluqotho,[c] ulotshwe embonwe-
ni ka-Isaya[d] umprofethi, indo-
dana ka-Amozi, eNcwadini Ya-
makhosi AkwaJuda Nakwa-
Israyeli.[e] **33** Ngemva kwalo-
kho uHezekiya washona, bam-
ngcwaba emqanseni oya ema-
ngcwabeni amadodana kaDavi-
de;[f] wonke uJuda nabakhe
eJerusalema bamngcwaba nge-
nhlonipho. UManase indodana
yakhe waba inkosi esikhundle-
ni sakhe.

**33** UManase[g] wayeneminya-
ka engu-12 lapho eba
inkosi, wabusa iminyaka engu-
55 eJerusalema.[h]
**2** Wenza okubi emehlweni
kaJehova, elandela imikhuba
enyanyekayo yezizwe uJeho-
va ayezixoshe phambi kwaba-
ntu bakwa-Israyeli.[i] **3** Wakha
kabusha izindawo eziphake-
me uHezekiya uyise ayezidilizi-
le,[j] wamisela oBhali ama-altare
wenza nezigxobo ezingcwele,*
wakhothamela lonke ibutho la-
mazulu walikhonza.[k] **4** Wakha
nama-altare endlini kaJehova,[l]
uJehova ayethe ngayo: "Iga-
ma lami liyoba seJerusalema
kuze kube phakade."[m] **5** Wa-
khela lonke ibutho lamazulu
ama-altare emagcekeni amabi-
li endlu kaJehova.[n] **6** Washi-
sa amadodana akhe emlilweni[o]
eSigodini Sendodana KaHino-
mu;[p] wenza imilingo,[q] wabhu-
la, wathakatha, wamisa aba-
sebenzelana nemimoya nababi-
kezeli bekusasa.[r] Wenza okubi
kakhulu emehlweni kaJehova,
wamcasula.
**7** Wabeka umfanekiso oqo-
shiwe ayewenzile endlini ka-
Nkulunkulu weqiniso,[a] uNkulu-
nkulu ayethe ngayo kuDavi-
de nakuSolomoni indodana ya-
khe: "Kule ndlu naseJerusale-
ma engilikhethile kuzo zo-
nke izizwe zakwa-Israyeli, ngi-
zobeka igama lami kuze kube
phakade.[b] **8** Ngeke ngiphinde
ngisuse ama-Israyeli ezweni
engalabela okhokho bawo, uma
nje enza ngokucophelela ko-
nke engiwayale ngakho, wonke
uMthetho, iziqondiso nezinqu-
mo zokwahlulela engawayala
ngakho ngoMose." **9** UMana-
se waqhubeka edukisa uJuda
nabantu baseJerusalema, ebe-
nzisa okubi kakhulu ukwedlu-
la izizwe uJehova ayeziqothule
phambi kwama-Israyeli.[c]
**10** UJehova wayelokhu ekhu-
luma noManase nabantu bakhe,
kodwa abanakanga.[d] **11** Nga-
kho uJehova wabalethela izi-
nduna zempi zenkosi yase-Asi-
riya, zambamba ngamahhuku*
uManase, zambopha ngozanko-
si bethusi zamyisa eBhabhilo-
ni. **12** Lapho ecindezelekile,
wancenga uJehova uNkulunku-
lu wakhe ukuba ambonise umu-
sa waqhubeka ezithoba kakhu-
lu phambi kukaNkulunkulu wo-
khokho bakhe. **13** Wayelokhu
ethandaza kuYe, ukunxusa kwa-
khe kwamthinta uNkulunkulu,
wasizwa isicelo sakhe somusa,
wambuyisela eJerusalema ebu-
khosini bakhe.[e] UManase wafu-
nda ukuthi uJehova unguNkulu-
nkulu weqiniso.[f]
**14** Ngemva kwalokhu wakha
udonga lwangaphandle lweDo-
lobha LikaDavide[g] entshonala-
nga yeGihoni[h] esigodini* kuze
kufike eSangweni Lezinhlanzi,[i]

33:3 *Bheka uHlu Lwezincazelo Zama-
gama.

33:11 *Noma kungaba, "emigodini."
33:14 *Noma, "emhosheni."

**ISAHL. 32**
a Gen 22:1
b Dut 8:2
Hu 7:9
Hu 139:23
c 2Kr 31:20, 21
d Isay 1:1
e 2Kh 20:20
f 1Kh 11:43

**ISAHL. 33**
g Mat 1:10
h 2Kh 21:1
i 2Kh 21:2-6
j 2Kh 18:1, 4
k Dut 4:19
2Kh 23:5
l 2Kh 16:10, 11
m Dut 12:11
2Kr 6:6
n 1Kh 6:36
1Kh 7:12
o 2Kh 16:1, 3
p Jos 15:8, 12
2Kh 23:10
q Lev 19:26
r Lev 20:6
Dut 18:10, 11

**Uhla 2**
a 2Kh 23:6
b 2Kh 21:7-9
2Kh 23:27
2Kr 7:16
c Lev 18:24
Jos 24:8
2Kh 21:11, 16
d 2Kr 36:15, 16
e Isay 1:18
f Dan 4:25
g 2Sa 5:9
2Kr 32:2, 5
h 2Kr 32:30
i Neh 3:3

walwakha lwazungeza lwaze
lwafika e-Ofeli,[a] waluphakami-
sa kakhulu. Ngaphezu kwalo-
kho, wabeka izinduna zebutho
lempi kuwo wonke amadolo-
bha anezivikelo eziqinile kwa-
Juda. **15** Wabe esesusa onku-
lunkulu bezinye izizwe nomfa-
nekiso wesithixo endlini ka-
Jehova[b] nawo wonke ama-
altare ayewakhe entabeni ye-
ndlu kaJehova[c] naseJerusale-
ma, wayeseyala ukuba kula-
hlwe ngaphandle kwedolobha.
**16** Walungisa ne-altare likaJe-
hova[d] wanikela kulo imihla-
tshelo ehlanganyelwayo[e] nemi-
hlatshelo yokubonga,[f] watshe-
la uJuda ukuba akhonze uJe-
hova uNkulunkulu ka-Israyeli.
**17** Noma kunjalo, abantu ba-
besayenza imihlatshelo ezinda-
weni eziphakeme, nakuba ba-
beyenzela uJehova uNkulunku-
lu wabo kuphela.

**18** Ngokuqondene nawo wo-
nke omunye umlando kaMa-
nase, umthandazo awenza ku-
Nkulunkulu wakhe namazwi
ababoni bemibono abakhulu-
ma naye egameni likaJehova
uNkulunkulu ka-Israyeli, kulo-
tshwe emlandweni wamakhosi
akwa-Israyeli. **19** Umthanda-
zo wakhe[g] nendlela anikwa
ngayo lokho ayekucela, zonke
izono zakhe nokungathembeki
kwakhe,[h] izindawo akha kuzo
izindawo eziphakeme wamisa
nezigxobo ezingcwele*[i] nemifa-
nekiso ebaziwe ngaphambi ko-
kuba azithobe, nakho kulotshi-
we emazwini ababoni bakhe
bemibono. **20** Ngemva kwalo-
kho uManase washona, bam-
ngcwaba eduze kwendlu yakhe;
u-Amoni indodana yakhe waba
inkosi esikhundleni sakhe.[j]

**33:19; 34:3, 4** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**21** U-Amoni[a] wayeneminya-
ka engu-22 lapho eba inkosi,
wabusa iminyaka emibili eJe-
rusalema.[b] **22** Waqhubeka
enza okubi emehlweni kaJeho-
va, njengoba nje uManase uyi-
se ayenzile;[c] u-Amoni wahlabe-
la yonke imifanekiso ebaziwe
uManase uyise ayeyenzile,[d] wa-
qhubeka eyikhonza. **23** Ko-
dwa akazange azithobe phambi
kukaJehova[e] ngendlela uMana-
se uyise azithoba ngayo;[f] kuna-
lokho u-Amoni walenza laba li-
khulu icala lakhe. **24** Ekugci-
neni izinceku zakhe zamakhe-
la uzungu[g] zambulalela endlini
yakhe. **25** Kodwa abantu be-
zwe bababulala bonke labo
abakhela iNkosi u-Amoni uzu-
ngu,[h] benza uJosiya indodana
yakhe[i] waba inkosi esikhundle-
ni sakhe.

**34** UJosiya[j] wayeneminyaka
engu-8 lapho eba inkosi,
wabusa iminyaka engu-31 eJe-
rusalema.[k] **2** Wenza okulungi-
le emehlweni kaJehova wa-
hamba ezindleleni zikaDavi-
de ukhokho wakhe, akaza-
nge aphambukele kwesokudla
noma kwesobunxele.

**3** Ngonyaka ka-8 wokubu-
sa kwakhe, esengumfana,
wafuna uNkulunkulu kaDavi-
de ukhokho wakhe;[l] ngonya-
ka ka-12 wahlanza uJuda ne-
Jerusalema[m] wasusa zonke izi-
ndawo eziphakeme[n] nezigxo-
bo ezingcwele,* imifaneki-
so ebaziwe[o] nezithombe ze-
nsimbi.# **4** Ngaphezu kwalo-
kho, badiliza ama-altare oBha-
li phambi kwakhe, baphula izi-
nti zezitsha zempepho ezazi-
phezu kwawo. Waphihliza izi-
gxobo ezingcwele,* imifaneki-
so ebaziwe nezithombe

**34:3** #Noma, “ezenziwe ngokuncibilikisiwe.”

ISAHL. 33
a 2Kr 27:1, 3
b 2Kh 21:1, 7
c 2Kh 21:1, 4, 5
d 2Kr 29:18
e Lev 3:1
f Lev 7:12
g 2Kr 33:12, 13
h 2Kh 21:2, 9
i 2Kh 21:3, 7
j 2Kh 21:18, 19

Uhla 2
a Mat 1:10
b 2Kh 21:19-24
c 2Kr 33:1, 2
d 2Kh 21:1, 7
e Jer 8:12
f 2Kr 33:12, 13
g 2Kh 12:20
2Kr 25:27
h 2Kr 25:1, 3
i 2Kh 21:25, 26

ISAHL. 34
j 1Kh 13:2
Zef 1:1
Mat 1:10
k 2Kh 22:1, 2
l 2Kr 15:2
m 2Kh 23:4, 14
n 2Kr 33:17
o 2Kr 33:21, 22

zensimbi* kwaba izicucu,
wakugaya kwaba uthuli, wa-
kufafaza phezu kwamathu-
na alabo ababekwenzela imi-
hlatshelo.[a] **5** Washisa amatha-
mbo abapristi phezu kwama-
altare abo.[b] Kanjalo wahlanza
uJuda neJerusalema.

**6** Emadolobheni akwaMana-
se, akwa-Efrayimi,[c] akwaSime-
yoni kuze kufike kwaNafetali,
ezindaweni zawo eziyincitha-
kalo eziwazungezile, **7** wadili-
za ama-altare, waphihliza izi-
gxobo ezingcwele* nemifane-
kiso ebaziwe,[d] wakugaya kwa-
ba uthuli; wanquma zonke izi-
nti zezitsha zempepho kulo lo-
nke izwe lakwa-Israyeli,[e] nge-
mva kwalokho wabuyela eJeru-
salema.

**8** Ngonyaka ka-18 wokubu-
sa kwakhe, lapho eselihlanzi-
le izwe nethempeli,* wathume-
la uShafani[f] indodana ka-Azali-
ya, uMahaseya induna yedo-
lobha noJowa indodana kaJo-
wahazi umgcini-mibhalo ukuba
balungise indlu kaJehova
uNkulunkulu wakhe.[g] **9** Baya
kuHilikiya umpristi ophake-
me bamnika imali eyayilethwe
endlini kaNkulunkulu, ama-
Levi angabalindimnyango aye-
yiqoqe kuManase, ku-Efrayimi
nakuwo wonke u-Israyeli[h] na-
kuJuda, uBhenjamini nakwaba-
khe eJerusalema. **10** Babe
sebeyinika labo ababemise-
lwe ukwengamela umsebe-
nzi owenziwa endlini kaJeho-
va. Izisebenzi zasendlini kaJe-
hova zona zayisebenzisela uku-
vuselela nokulungisa le ndlu.
**11** Bayinika izingcweti naba-
khi ukuba bathenge amatshe
aqoshiwe nezingodo zokuseke-
la futhi bakhe ngezingodo izi-
ndlu amakhosi akwaJuda aye-
zenze zaba incithakalo.[a]

**12** La madoda awenza ngo-
kwethembeka umsebenzi.[b]
AmaLevi uJahati no-Obadiya
abangamaMerari,[c] noZakariya
noMeshulami abangamaKoha-
ti[d] amiswa aba ababonisi. Ama-
Levi, wonke ayengabaculi aba-
ngamagagu,[e] **13** ayengamele
izisebenzi ezazenza umsebenzi
ovamile,* engamele nabo bo-
nke ababenza zonke izinhlobo
zomsebenzi; amanye amaLevi
ayengonobhala, izikhulu naba-
lindisango.[f]

**14** Ngesikhathi bekhipha
imali eyayilethwe endlini kaJe-
hova,[g] uHilikiya umpristi wa-
thola incwadi yoMthetho kaJe-
hova[h] owanikezwa ngoMose.*[i]
**15** Ngakho uHilikiya wathi ku-
Shafani unobhala: "Ngithole
incwadi yoMthetho endlini ka-
Jehova." UHilikiya wabe ese-
yinika uShafani le ncwadi.
**16** Ngemva kwalokho uShafani
wayisa le ncwadi enkosini, wa-
thi kuyo: "Izinceku zakho ze-
nza konke okuthiwe azikwe-
nze. **17** Zithulule imali etho-
lakale endlini kaJehova, zayi-
nika amadoda amisiwe nalabo
abenza umsebenzi." **18** USha-
fani unobhala waphinde wa-
thi enkosini: "Kukhona incwa-
di uHilikiya umpristi angini-
ke yona."[j] UShafani wayifunda
phambi kwenkosi.[k]

**19** Kwathi nje lapho inkosi
izwa amazwi oMthetho, yakle-
bhula izingubo zayo.[l] **20** Nge-
mva kwalokho inkosi yayala
uHilikiya, u-Ahikamu[m] indoda-
na kaShafani, u-Abhidoni indo-
dana kaMika, uShafani uno-
bhala no-Asaya inceku yenkosi,

---

**34:4** *Noma, "ezenziwe ngokuncibilikisiwe." **34:7** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **34:8** *NgesiHebheru, "nendlu."

**34:13** *Noma, "abathwali bemithwalo." **34:14** *NgesiHebheru, "ngesandla sikaMose."

---

**ISAHL. 34**
a 2Kh 23:6
b 1Kh 13:2; 2Kh 23:16
c 2Kh 23:19; 2Kr 30:1
d 2Kh 17:41
e 2Kr 31:1
f 2Kh 22:12
g 2Kh 22:3-6
h 2Kr 30:11, 18

**Uhla 2**
a 2Kh 12:11, 12
b 2Kh 12:15
c 1Kr 23:6
d 2Kr 20:19
e 1Kr 25:1
f 2Kr 8:14
g 2Kh 22:4
h Dut 17:18; Dut 31:24-26; Jos 1:8; 2Kh 22:8
i Lev 26:46
j 2Kh 22:8
k Dut 17:18, 19
l 2Kh 22:11-13
m 2Kh 25:22; Jer 40:14

yathi: **21** “Hambani niyobuza
kuJehova, nibuzele mina na-
basele kwa-Israyeli nakwaJu-
da ngokuphathelene nama-
zwi encwadi etholakele; ngoba
inkulu intukuthelo kaJehova
ezokwehlela kithi ngenxa yo-
kuthi okhokho bethu abazange
baligcine izwi likaJehova ngo-
kwenza konke okulotshwe kule
ncwadi.”[a]

**22** Ngakho uHilikiya nalabo
ababethunyelwe inkosi baya ku-
Hulida umprofethikazi.[b] Waye-
ngumkaShalumi indodana ka-
Thikiva oyindodana kaHariha-
si, umnakekeli wezingubo,
ehlala eJerusalema eNgxenye-
ni Entsha; bakhuluma naye la-
pho.[c] **23** UHulida wathi kubo:
“Yilokhu uJehova uNkulunku-
lu ka-Israyeli akushoyo, ‘Tshela-
ni umuntu onithume kimi nithi:
**24** “Yilokhu uJehova akushoyo,
‘Ngizoletha inhlekelele kule nda-
wo nasezakhamuzini zakhona,[d]
zonke iziqalekiso ezilotshwe
encwadini[e] abayifunde phambi
kwenkosi yakwaJuda. **25** Nge-
nxa yokuthi bangishiyile[f] ba-
shunqisela abanye onkulunkulu
imihlatshelo ukuze bangicasule[g]
ngayo yonke imisebenzi yeza-
ndla zabo, intukuthelo yami izo-
kwehlela kule ndawo futhi nge-
ke inqandeke.’”[h] **26** Kodwa yi-
lokhu okufanele nikusho enko-
sini yakwaJuda enithume uku-
ba nibuze kuJehova, “Yilokhu
uJehova uNkulunkulu ka-Isra-
yeli akushoyo: ‘Ngokuphathele-
ne namazwi owezwile,[i] **27** nge-
nxa yokuthi inhliziyo yakho ya-
lalela,* yazithoba phambi kuka-
Nkulunkulu lapho uzwa amazwi
akhe ngokuphathelene nale nda-
wo nezakhamuzi zayo futhi wa-
zithoba phambi kwami, wakle-
bhula izingubo zakho wakhala
phambi kwami, nami ngikuzwi-
le,[a] kusho uJehova. **28** Yinga-
kho ngizokubuthela kokhokho
bakho,* uyongcwatshwa ngoku-
thula ethuneni lakho, ungayibo-
ni yonke le nhlekelele engizoyi-
letha kule ndawo nakwabakhe
kuyo.’”’”[b]

Ngemva kwalokho baletha
impendulo enkosini. **29** Nga-
kho inkosi yayala ukuba kubi-
zwe wonke amadoda amadala
akwaJuda nawaseJerusalema.[c]
**30** Ngemva kwalokho inkosi
yakhuphukela endlini kaJeho-
va nawo wonke amadoda akwa-
Juda, izakhamuzi zaseJerusa-
lema, abapristi, amaLevi
—bonke abantu, abakhulu na-
bancane. Yabafundela wonke
amazwi encwadi yesivumelwa-
no eyayitholakale endlini kaJe-
hova.[d] **31** Inkosi yama enda-
weni yayo yenza* isivumelwa-
no[e] phambi kukaJehova so-
kuthi izolandela uJehova igci-
ne imiyalo yakhe, izikhumbu-
zo zakhe neziqondiso zakhe
ngayo yonke inhliziyo yayo na-
ngawo wonke umphefumulo#[f]
wayo, ngokwenza ngokuvume-
lana namazwi alesi sivumelwa-
no ayelotshwe kule ncwadi.[g]
**32** Ngaphezu kwalokho, yaya-
la ukuba bonke ababeseJeru-
salema nakwaBhenjamini ba-
vumelane naso. Abakhe eJe-
rusalema benza ngokuvumela-
na nesivumelwano sikaNkulu-
nkulu, uNkulunkulu wokho-
kho babo.[h] **33** UJosiya wabe
esesusa zonke izinto* ezinya-
nyekayo kuwo wonke ama-
zwe ama-Israyeli,[i] futhi wenza
ukuba bonke kwa-Israyeli ba-
khonze uJehova uNkulunkulu
wabo. Kukho konke ukuphila#

**ISAHL. 34**
- *a* Dut 30:17, 18; Dut 31:16; Dut 31:24-26; Jos 1:8
- *b* Eks 15:20; Hlu 4:4; Luk 2:36; IzE 21:8, 9
- *c* 2Kh 22:14-20
- *d* Jer 35:17
- *e* Lev 26:16; Dut 28:15; Dut 30:17, 18; Dan 9:11
- *f* Dut 28:20
- *g* 2Kh 21:1, 3, 6; 2Kr 28:1, 3
- *h* Dut 29:22, 23; Jer 7:20
- *i* 2Kr 34:19

**Uhla 2**
- *a* 2Kr 32:26; 2Kr 33:11, 13
- *b* 1Kh 21:29; Isay 39:8
- *c* 2Kh 23:1
- *d* 2Kh 23:2; 2Kr 17:3, 9; Neh 8:3
- *e* Ezr 10:3
- *f* Dut 6:5
- *g* Dut 31:24-26; 2Kh 22:8
- *h* 2Kr 30:1, 12; 2Kr 33:1, 16
- *i* 2Kh 23:5

**34:27** *NgesiHebheru, “yathamba.”

**34:28** *Lena inkulumo esankondlo emayelana nokufa. **34:31** *Noma, “yavuselela.” #Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **34:33** *Noma, “izithixo.” #NgesiHebheru, “Kuzo zonke izinsuku.”

kwakhe abazange baphambuke
ekulandeleni uJehova uNkulu-
nkulu wokhokho babo.
**35** UJosiya wenzela uJeho-
va iPhasika[a] eJerusale-
ma, bahlaba umhlatshelo we-
Phasika[b] ngosuku luka-14 lwe-
nyanga yokuqala.[c] **2** Wabela
abapristi imisebenzi yabo, wa-
bakhuthaza ukuba benze inko-
nzo yabo endlini kaJehova.[d]
**3** Wabe esethi kumaLevi, aba-
fundisi bawo wonke u-Isra-
yeli,[e] ababengcwele kuJehova:
“Bekani uMphongolo ongcwe-
le endlini eyakhiwa uSolomoni
indodana kaDavide inkosi ya-
kwa-Israyeli;[f] ngeke kusadinge-
ka niwutshathe.[g] Manje kho-
nzani uJehova uNkulunkulu
wenu nesizwe sakhe u-Israye-
li. **4** Zilungiseleleni ngokwe-
mindeni yoyihlo ngokwezigaba
zenu, nilandela lokho okwa-
bhalwa uDavide[h] inkosi ya-
kwa-Israyeli noSolomoni indo-
dana yakhe.[i] **5** Yimani enda-
weni engcwele ngokweminde-
ni yoyise babantu, abafowenu;
emndenini ngamunye kufanele
kube khona iqembu leminde-
ni yoyise yamaLevi. **6** Hlaba-
ni umhlatshelo wePhasika[j] nizi-
ngcwelise nilungiselele abafo-
wenu ukuze kwenziwe izwi li-
kaJehova ngoMose.”
**7** UJosiya wanikela nge-
mihlambi kubantu, amawu-
ndlu angamaduna namazinya-
ne angamaduna, kwaba imihla-
tshelo yePhasika yabo bonke
ababekhona, sekukonke kwa-
kungu-30 000 kanye nezinkomo
ezingu-3 000. Zazivela empa-
hleni yenkosi.[k] **8** Izikhulu za-
khe zenza nomnikelo owaba
umnikelo wokuzithandela wa-
bantu, wabapristi nowamaLe-
vi. UHilikiya,[l] uZakariya no-
Jehiyeli, abaholi bendlu ka-
Nkulunkulu weqiniso, banika
abapristi imihlatshelo yePhasi-
ka engu-2 600 nezinkomo ezi-
ngu-300. **9** UKhonaniya naba-
fowabo uShemaya noNethane-
li kanye noHashabiya, uJeheye-
li noJozabhadi, izinduna zama-
Levi, banikela kumaLevi imi-
hlatshelo yePhasika engu-5 000
nezinkomo ezingu-500.
**10** Amalungiselelo aphothu-
lwa, abapristi bama ezindawe-
ni zabo namaLevi ngokweziga-
ba zawo,[a] njengoba inkosi ya-
yiyalile. **11** Kwahlatshwa imi-
hlatshelo yePhasika,[b] abapri-
sti bafafaza igazi ababelamu-
kele kuwo,[c] kuyilapho amaLe-
vi wona ayehlinza.[d] **12** Nge-
mva kwalokho alungisa imi-
nikelo eshiswayo ukuze aya-
bele abantu ababehlelwe ngo-
kwemindeni yoyise ukuze ale-
the kuJehova ngokwalokho
okulotshwe encwadini kaMose;
enza kanjalo nangezinkomo.
**13** Apheka* umnikelo wePha-
sika emlilweni ngokwendlela
okwakwenziwa ngayo;[e] apheka
iminikelo engcwele ezimbizeni,
kogalaza nasemapanini, okwa-
thi ngemva kwalokho awule-
tha ngokushesha kubo bonke
abantu. **14** Ngemva kwalokho
enza amalungiselelo awo nawa-
bapristi, ngoba abapristi, inza-
lo ka-Aroni, babenikela imi-
hlatshelo eshiswayo namaqa-
tha anonile kuze kube sebusu-
ku, ngakho amaLevi enza ama-
lungiselelo awo nawabapristi,
inzalo ka-Aroni.
**15** Abahlabeleli, abantwa-
na bakwa-Asafa,[f] babesezikhu-
ndleni zabo ngokomyalo ka-
Davide,[g] u-Asafa,[h] uHemani no-
Jeduthuni[i] umboni wemibo-
no wenkosi; abalindisango be-
semasangweni ahlukahlukene.[j]
Sasingekho isidingo sokuba ba-

**ISAHL. 35**
a Eks 12:3-11; 2Kh 23:21
b Eks 12:21
c Lev 23:5; Dut 16:1
d 2Kr 23:18; 2Kr 31:2
e Dut 33:10; 2Kr 17:8, 9; Neh 8:7, 8
f 1Kh 6:38; 2Kr 5:7
g Num 4:15; 1Kr 23:25, 26
h 1Kr 23:6
i 2Kr 8:14
j Eks 12:21; 2Kr 30:1, 15
k 2Kr 30:24
l 2Kh 23:4; 2Kr 34:14

**Uhla 2**
a 1Kr 23:6
b Eks 12:3, 6
c 2Kr 30:16
d 2Kr 29:34
e Eks 12:8; Dut 16:6, 7
f 1Kr 16:37
g 1Kr 23:5
h 1Kr 25:1, 2
i 1Kr 16:41, 42; 1Kr 25:3
j 1Kr 26:12, 13

**35:13** *Noma kungaba, “Osa.”

shiye inkonzo yabo, ngoba
abafowabo abangamaLevi ba-
balungisela isidlo sePhasika.
**16** Ngakho yonke inkonzo ka-
Jehova yalungiswa ngalolo
suku ukuze kugujwe iPhasika,[a]
kunikelwe neminikelo eshiswa-
yo e-altare likaJehova ngoko-
myalo weNkosi uJosiya.[b]
**17** Ama-Israyeli ayekhona
agubha iPhasika ngaleso sikha-
thi kanye noMkhosi Wesinkwa
Esingenamvubelo izinsuku ezi-
yisikhombisa.[c] **18** Kwakunga-
kaze kugujwe iPhasika eli-
njengalo kwa-Israyeli kusukela
ezinsukwini zikaSamuweli um-
profethi; futhi ayikho enye ya-
makhosi akwa-Israyeli eyayike
yagubha iPhasika elinjengale-
lo elagujwa uJosiya,[d] abapri-
sti, amaLevi, yiwo wonke uJu-
da no-Israyeli ababekhona ka-
nye nabahlala eJerusalema.
**19** Leli Phasika lagujwa ngo-
nyaka ka-18 wokubusa kukaJo-
siya.
**20** Ngemva kwakho konke
lokhu lapho uJosiya eselilungi-
sile ithempeli,* uNekho[e] inkosi
yaseGibhithe wakhuphuka eyo-
lwa eKharikemishi ngase-Ewu-
frathe. UJosiya wabe esephu-
ma wayolwa naye.[f] **21** Nga-
kho wathumela izithunywa
kuye, ethi: 'Lokhu kuhlanga-
naphi nawe, nkosi yakwaJuda?
Angizelanga ukuzolwa nawe
namuhla, kodwa ngizolwa ne-
nye indlu futhi uNkulunkulu
uthi angisheshise. Ukuze kuku-
hambele kahle, yeka ukumela-
na noNkulunkulu okanye nami,
ngale kwalokho uzokuqothu-
la." **22** Kodwa uJosiya akaza-
nge ahoxe, kunalokho wazifi-
hla[g] ukuze alwe naye, akawa-
lalelanga amazwi kaNekho aye-
vela emlonyeni kaNkulunkulu.

**35:20** *NgesiHebheru, "indlu."

Ngakho weza wazolwa eThafe-
ni LaseMegido.[a]
**23** Abacibi bayicibishela
iNkosi uJosiya, inkosi yathi
ezincekwini zayo: "Ngikhipheni
lapha ngoba ngilimele kakhu-
lu." **24** Ngakho izinceku za-
khe zamkhipha enqoleni za-
mgibelisa enqoleni yakhe ye-
mpi yesibili, zamletha eJerusa-
lema. Wafa kanjalo, wangcwa-
tshwa emathuneni okhokho
bakhe,[b] wonke uJuda neJe-
rusalema bamlilela uJosiya.
**25** UJeremiya[c] wahaya ngoJo-
siya, bonke abahlabeleli besi-
lisa nabesifazane[d] bacula ngo-
Josiya ezingomeni zabo zoku-
lila kuze kube namuhla; kwa-
nqunywa ukuthi kufanele zicu-
lwe kwa-Israyeli, zilotshiwe
phakathi kwezingoma zokulila.
**26** Ngokuqondene nawo wo-
nke omunye umlando kaJo-
siya nezenzo zakhe zokuboni-
sa uthando oluqotho, ngo-
kuvumelana nalokho okulo-
tshwe eMthethweni kaJehova,
**27** nalokho akwenza kusukela
ekuqaleni kuze kube sekugci-
neni, kulotshwe eNcwadini Ya-
makhosi Akwa-Israyeli Nawa-
kwaJuda.[e]

**36** Ngemva kwalokho aba-
ntu bakulelo zwe batha-
tha uJehowahazi[f] indodana ka-
Josiya bamenza inkosi esikhu-
ndleni sikayise eJerusalema.[g]
**2** UJehowahazi wayeneminya-
ka engu-23 lapho eba inkosi,
wabusa izinyanga ezintathu
eJerusalema. **3** Nokho, inkosi
yaseGibhithe yamsusa eJerusa-
lema, yahlawulisa izwe amatha-
lenta* esiliva angu-100 nethale-
nta legolide.[h] **4** Ngaphezu
kwalokho, inkosi yaseGibhithe
yabeka u-Eliyakimi umfowabo

**36:3** *Ithalenta lalilingana no-34,2 kg. Bheka iSithasiselo B14.

ISAHL. 35
a Lev 23:5
b 2Kh 23:21
c Eks 12:15, Lev 23:6, Dut 16:3, 2Kr 30:1, 21
d 2Kh 23:22, 23, 2Kr 30:5, 26
e Jer 46:2
f 2Kh 23:29
g 1Kh 22:30

Uhla 2
a Hlu 1:27, Hlu 5:19, Zak 12:11, IsA 16:16
b 2Kh 23:30, 2Kr 34:28
c Jer 1:1
d Jer 9:17, 20
e 2Kh 23:28

ISAHL. 36
f 1Kr 3:15, Jer 22:11
g 2Kh 23:30, 31
h 2Kh 18:14, 2Kh 23:33

kaJehowahazi waba inkosi
phezu kukaJuda neJerusalema,
yashintsha igama lakhe kwaba
uJehoyakimi; kodwa uNekho[a]
wathatha umfowabo uJehowa-
hazi wamyisa eGibhithe.[b]
**5** UJehoyakimi[c] wayenemi-
nyaka engu-25 lapho eba inko-
si, wabusa iminyaka engu-11
eJerusalema. Waqhubeka enza
okubi emehlweni kaJehova
uNkulunkulu wakhe.[d] **6** UNe-
bukhadinezari[e] inkosi yase-
Bhabhiloni wakhuphuka wa-
lwa naye ukuze ambophe ngo-
zankosi bethusi amyise eBha-
bhiloni.[f] **7** UNebukhadinezari
wathatha ezinye zezinto ze-
ndlu kaJehova waziyisa eBha-
bhiloni wazibeka esigodlweni
sakhe eBhabhiloni.[g] **8** Ngoku-
qondene nawo wonke omu-
nye umlando kaJehoyakimi, izi-
nto ezinyanyekayo azenza na-
lokho okwatholakala okumele-
ne naye, kulotshwe eNcwadi-
ni Yamakhosi Akwa-Israyeli Na-
wakwaJuda; uJehoyakini indo-
dana yakhe waba inkosi esi-
khundleni sakhe.[h]
**9** UJehoyakini[i] wayenemi-
nyaka engu-18 lapho eba inko-
si, wabusa izinyanga ezintathu
nezinsuku eziyishumi eJerusa-
lema; waqhubeka enza okubi
emehlweni kaJehova.[j] **10** Eku-
qaleni konyaka,* iNkosi uNe-
bukhadinezari yathumela uku-
ba alethwe eBhabhiloni[k] kanye
nezinto eziyigugu zendlu kaJe-
hova.[l] Wabeka uZedekiya umfo-
wabo kayise waba inkosi phezu
kukaJuda neJerusalema.[m]
**11** UZedekiya[n] wayeneminya-
ka engu-21 lapho eba inko-
si, wabusa iminyaka engu-11
eJerusalema.[o] **12** Waqhubeka
enza okubi emehlweni kaJehova
uNkulunkulu wakhe. Akazange
azithobe phambi kukaJeremi-
ya[a] umprofethi, owayalwa uJe-
hova ukuba akhulume. **13** Wa-
dlubulunda ngisho naseNkosini
uNebukhadinezari,[b] eyayimfu-
ngise uNkulunkulu, waqhubeka
enenkani futhi enenhliziyo elu-
khuni, wenqaba ukubuyela ku-
Jehova uNkulunkulu ka-Israye-
li. **14** Zonke izinduna zabapri-
sti nabantu babengathembekile
ngezinga elikhulu, benza zonke
izinto ezinengekayo zezizwe, ba-
ngcolisa indlu kaJehova[c] ayeyi-
ngcwelise eJerusalema.
**15** UJehova uNkulunkulu
wokhokho babo waqhubeka
ebaxwayisa esebenzisa izi-
thunywa zakhe, ebaxwayisa
ngokuphindaphindiwe, ngoba
waba nozwela ngabantu bakhe
nangendawo yakhe yokuhlala.
**16** Kodwa babelokhu behle-
kisa ngezithunywa zikaNkulu-
nkulu weqiniso,[d] bedelela
amazwi akhe,[e] bebenza inhle-
kisa abaprofethi bakhe,[f] kwaze
kwaphela ithemba lokuthi ba-
ngaphulukiswa, uJehova waba-
vuthela ngolaka.[g]
**17** Ngakho wabalethela inko-
si yamaKhaledi,[h] eyabulala izi-
nsizwa zabo ngenkemba[i] endli-
ni yabo engcwele;[j] ayibanga na-
zwela ngensizwa noma ngento-
mbi, ngomuntu omdala noma
obuthakathaka.[k] UNkulunkulu
wanikela konke esandleni sayo.[l]
**18** Zonke izinto zendlu kaNku-
lunkulu weqiniso, ezinkulu ne-
zincane kanye nengcebo ye-
ndlu kaJehova nengcebo yenko-
si nezikhulu zayo, konke yakule-
tha eBhabhiloni.[m] **19** Yashisa
indlu kaNkulunkulu weqiniso,[n]
yadiliza udonga lwaseJerusale-
ma,[o] yashisa yonke imibhosho-
ngo yalo eqinile ngomlilo, yaqe-
da zonke izinto eziyigugu.[p]
**20** Yathatha izithunjwa ezasi-
nda enkembeni yaziyisa eBha-

**ISAHL. 36**
*a* 2Kh 23:29; Jer 46:2
*b* 2Kh 23:34; Jer 22:11, 12
*c* Jer 26:20, 21; Jer 36:32
*d* 2Kh 23:36, 37
*e* 2Kh 24:1; 2Kh 25:1; Jer 25:1
*f* 2Kh 24:16; Dan 1:1
*g* Ezr 1:7; Jer 27:16; Dan 1:2; Dan 5:2
*h* 2Kh 24:5, 6
*i* Jer 22:24; Mat 1:12
*j* 2Kh 24:8, 9
*k* 2Kh 24:10; Jer 29:1, 2; Hez 1:2
*l* 2Kh 24:13; Jer 27:17, 18
*m* 2Kh 24:17
*n* Jer 37:1
*o* 2Kh 24:18-20; Jer 52:1-3

**Uhla 2**
*a* Jer 21:1, 2; Jer 34:2; Jer 38:14, 24
*b* 2Kh 24:20; Hez 17:12-15
*c* 2Kh 16:11; Hez 8:10, 11
*d* 2Kr 30:1, 10
*e* Jer 5:12
*f* Jer 20:7
*g* Hu 74:1
*h* 2Kh 24:2
*i* Lev 26:31; Dut 28:25; Hu 79:2
*j* Hez 9:7
*k* IsiL 2:21
*l* Dut 28:49-51
*m* 2Kh 20:16, 17; Isay 39:6; Jer 27:19-22; Jer 52:17
*n* Hu 74:4-7
*o* Jer 52:14
*p* 1Kh 9:7; 2Kh 25:9, 10; Hu 79:1

---
**36:10** *Kungaba, sentwasahlobo.

bhiloni,[a] zaba yizinceku zayo[b]
nezabantwana bayo kwaze kwa-
qala ukubusa umbuso* wase-
Pheresiya,[c] **21** ukuze kugcwa-
liseke izwi likaJehova elakhulu-
nywa ngoJeremiya,[d] kuze kube
yilapho izwe selikhokhe amasa-
batha alo.[e] Zonke izinsuku zoku-
ba kwalo yincithakalo laligcina
isabatha, ukuze kuphelele imi-
nyaka engu-70.[f]

**22** Ngonyaka wokuqala ka-
Koresi[g] inkosi yasePheresiya,
ukuze kufezeke izwi likaJeho-
va elakhulunywa ngoJeremiya,[a]
uJehova washukumisa uKore-
si inkosi yasePheresiya uku-
ba enze isimemezelo kuwo wo-
nke umbuso wakhe, leso asi-
bhala naphansi,[b] sithi: **23** "Yi-
lokhu uKoresi inkosi yase-
Pheresiya akushoyo, 'UJehova
uNkulunkulu wamazulu ungini-
ke yonke imibuso yomhlaba[c] fu-
thi ungiyale ukuba ngimakhele
indlu eJerusalema elikwaJuda.[d]
Ubani phakathi kwenu ongowe-
sizwe sakhe? Kwangathi uJeho-
va uNkulunkulu wakhe angaba
naye, amvumele aye khona.'"[e]

**36:20** *Noma, "ubukhosi."

**ISAHL. 36**
*a* 2Kh 25:21; Hu 137:1
*b* Jer 27:6, 7
*c* Ezr 1:1-3
*d* Jer 25:9
*e* Lev 26:34
*f* Jer 25:12; Zak 1:12
*g* Isay 44:28; Isay 45:1

**Uhla 2**
*a* Jer 29:14; Jer 32:42; Jer 33:10, 11
*b* Ezr 1:1-4
*c* Dan 5:18
*d* Isay 44:28
*e* Ezr 7:12, 13

# U-EZRA

UHLU LOKUPHAKATHI


1 Umyalo weNkosi uKoresi wokwakha kabusha ithempeli (1-4)
Amalungiselelo okubuya kwababedingiselwe eBhabhiloni (5-11)

2 Uhlu lwababedingisiwe ababuya (1-67)
Izikhonzi zasethempelini (43-54)
Amadodana ezinceku zikaSolomoni (55-57)
Iminikelo yokuzithandela yasethempelini (68-70)

3 Kwakhiwa kabusha i-altare futhi kunikelwa imihlatshelo (1-6)
Ukwakhiwa kabusha kwethempeli kuyaqala (7-9)
Kubekwa isisekelo sethempeli (10-13)

4 Ukwakhiwa kabusha kwethempeli kuyaphikiswa (1-6)
Izitha zithumela isikhalo eNkosini u-Aritahishashita (7-16)
Impendulo ka-Aritahishashita (17-22)
Ukwakhiwa kwethempeli kuyamiswa (23, 24)

5 AmaJuda ayaqhubeka nokwakha ithempeli (1-5)
Incwadi kaThathenayi eya eNkosini uDariyu (6-17)

6 Uphenyo lukaDariyu kanye nomyalo (1-12)
Kuqedwa ithempeli futhi liyavulwa (13-18)
Kugujwa iPhasika (19-22)

7 U-Ezra ufika eJerusalema (1-10)
Incwadi ka-Aritahishashita eya ku-Ezra (11-26)
U-Ezra udumisa uJehova (27, 28)

8 Uhlu lwalabo ababuya no-Ezra (1-14)
Amalungiselelo ohambo (15-30)
Ukusuka eBhabhiloni nokufika eJerusalema (31-36)

9 Ukuganiselana kwa-Israyeli (1-4)
Umthandazo ka-Ezra wokuvuma izono (5-15)

10 Isivumelwano sokuxosha abafazi bezinye izizwe (1-14)
Kuxoshwa abafazi bezinye izizwe (15-44)

1 Ngonyaka wokuqala kaKo-
resi inkosi[a] yasePheresi-
ya, ukuze kufezeke izwi lika-
Jehova elakhulunywa ngoJere-
miya,[b] uJehova washukumisa
uKoresi inkosi yasePheresiya
ukuba enze isimemezelo kuwo
wonke umbuso wakhe, leso asi-
bhala naphansi,[c] sithi:
**2** “Yilokhu uKoresi inkosi
yasePheresiya akushoyo, ‘UJe-
hova uNkulunkulu wamazu-
lu unginike yonke imibuso
yomhlaba[d] futhi ungiyale uku-
ba ngimakhele indlu eJerusale-
ma[e] elikwaJuda. **3** Ubani pha-
kathi kwenu ongowesizwe sa-
khe? Kwangathi uNkulunkulu
wakhe angaba naye, amvume-
le aye eJerusalema elikwaJu-
da, akhe kabusha indlu kaJe-
hova uNkulunkulu ka-Israyeli
—unguNkulunkulu weqiniso—
ondlu yakhe yayiseJerusale-
ma.* **4** Noma ubani oyisifiki,[f]
noma ngabe ukuphi, omakhe-
lwane bakhe* mabamsize ba-
mnike isiliva negolide, izimpa-
hla nemfuyo kanye nomnikelo
wokuzithandela wendlu kaNku-
lunkulu weqiniso[g] eyayiseJeru-
salema.’ ”
**5** Izinhloko zemindeni yoyi-
se bakwaJuda nabakwaBhenja-
mini nabapristi namaLevi—wo-
nke umuntu owashukunyiswa
uNkulunkulu weqiniso—balu-
ngela ukukhuphuka bayokwa-
kha kabusha indlu kaJehova
eyayiseJerusalema. **6** Bonke
abantu ababebazungezile baba-
siza ngokubanika* izinto zesili-
va, ezegolide, izimpahla, imfu-
yo nezinto eziyigugu, ngapha-
ndle kwayo yonke iminikelo yo-
kuzithandela.
**7** INkosi uKoresi yakhi-
pha nezinto zendlu kaJehova
ezazithathwe uNebukhadineza-
ri eJerusalema wazibeka
endlini kankulunkulu wakhe.[a]
**8** UKoresi inkosi yasePhere-
siya wazikhipha waziphathisa
uMithiredati umgcini-sikhwa-
ma owazibalela uSheshibhaza-
ri*[b] isikhulu sakwaJuda.
**9** Kwakuyilezi: izitsha zego-
lide ezimise okukabhasikidi
ezingu-30, izitsha zesiliva ezi-
mise okukabhasikidi ezingu-
1 000, ezinye izitsha ezingu-
29, **10** izitsha ezincane zegoli-
de ezingu-30, izitsha ezincane
zesiliva ezingu-410 nezinye izi-
mpahla ezingu-1 000. **11** Zo-
nke izinto zegolide nezesiliva
zazingu-5 400. USheshibhazari
wazikhuphula zonke lezi zinto
lapho abantu abadingisiwe[c] be-
khishwa eBhabhiloni beyiswa
eJerusalema.

2 Yilaba abantu besifunda-
zwe* abakhuphuka, ababe-
thunjiwe base bedingiswa,[d]
labo uNebukhadinezari inkosi
yaseBhabhiloni ayebadingisele
eBhabhiloni[e] okwathi kamuva
babuyela eJerusalema nakwa-
Juda, yilowo nalowo edolo-
bheni lakubo,[f] **2** labo aba-
fika noZerubhabhele,[g] uJeshu-
wa,[h] uNehemiya, uSeraya, uRe-
helaya, uMoridekayi, uBhilisha-
ni, uMispa, uBhigivayi, uRehu-
mi noBhahana.
Inani lamadoda akwa-Isra-
yeli lalihlanganisa:[i] **3** amado-
dana kaPharoshi angu-2 172;
**4** amadodana kaShefathiya
angu-372; **5** amadodana ka-
Ara[j] angu-775; **6** amadoda-
na kaPhahati-mowabi,[k] ema-
dodaneni kaJeshuwa noJowa-

ISAHL. 1
a Isay 45:1; Dan 10:1
b Jer 25:12; Jer 29:14; Jer 33:10, 11
c 2Kr 36:22, 23
d Dan 4:34, 35
e Isay 44:28
f 2Kh 17:6; Jer 9:16
g Eks 35:21; 1Kr 29:9; Ezr 7:14-16

Uhla 2
a 2Kh 24:11, 13; 2Kr 36:7, 18; Ezr 6:5; Dan 1:1, 2; Dan 5:2
b Ezr 5:14, 16; Hag 1:1, 14; Hag 2:23
c 2Kh 24:14, 15; 2Kr 36:20

ISAHL. 2
d Ezr 8:1
e 2Kh 24:15, 16; 2Kh 25:11; 2Kr 36:20
f Neh 7:6, 7
g Ezr 1:8, 11; Hag 1:14; Mat 1:12
h Ezr 3:8; Ezr 5:2; Zak 3:1
i Neh 7:8-38
j Neh 6:17, 18
k Ezr 10:30, 44; Neh 3:11

**1:3** *Noma kungaba, “oseJerusalema.” **1:4** *NgesiHebheru, “abantu bendawo.” **1:6** *NgesiHebheru, “ngokuqinisa izandla zabo.”

**1:8** *Kungenzeka uZerubhabhele ku-Ezr 2:2 naku-3:8. **2:1** *Noma, “besifunda sombuso.”

be angu-2 812; **7** amadodana
ka-Elamu[a] angu-1 254; **8** ama-
dodana kaZathu[b] angu-945;
**9** amadodana kaZakayi angu-
760; **10** amadodana kaBhani
angu-642; **11** amadodana ka-
Bebayi angu-623; **12** amado-
dana ka-Azigadi angu-1 222;
**13** amadodana ka-Adonikamu
angu-666; **14** amadodana ka-
Bhigivayi angu-2 056; **15** ama-
dodana ka-Adini angu-454;
**16** amadodana ka-Atheri aye-
yinzalo kaHezekiya angu-
98; **17** amadodana kaBheza-
yi angu-323; **18** amadodana
kaJora angu-112; **19** amado-
dana kaHashumi[c] angu-223;
**20** amadodana kaGibari angu-
95; **21** amadodana aseBhetle-
hema angu-123; **22** amadoda
aseNethofa angu-56; **23** ama-
doda ase-Anathoti[d] angu-128;
**24** amadodana ase-Azimaveti
angu-42; **25** amadodana ase-
Kiriyati-jeyarimi, eKhefira na-
seBheroti angu-743; **26** ama-
dodana aseRama[e] naseGeba[f]
angu-621; **27** amadoda aseMi-
kimasi angu-122; **28** amadoda
aseBhethele nase-Ayi[g] angu-
223; **29** amadodana aseNebo[h]
angu-52; **30** amadodana ka-
Magibishi angu-156; **31** ama-
dodana omunye u-Elamu angu-
1 254; **32** amadodana kaHa-
rimi angu-320; **33** amadoda-
na aseLodi, eHadidi nase-Ono
angu-725; **34** amadodana ase-
Jeriko angu-345; **35** amado-
dana aseSena angu-3 630.

**36** Abapristi:[i] amadodana
kaJedaya[j] wendlu kaJeshu-
wa[k] angu-973; **37** amadodana
ka-Imeri[l] angu-1 052; **38** ama-
dodana kaPhashuri[m] angu-
1 247; **39** amadodana kaHari-
mi[n] angu-1 017.

**40** AmaLevi:[o] amadodana
kaJeshuwa noKhadimiyeli,[p]
emadodaneni kaHodaviya
angu-74. **41** Abaculi:[a] ama-
dodana ka-Asafa[b] angu-128.
**42** Amadodana abalindisa-
ngo:[c] amadodana kaShalumi,
amadodana ka-Atheri, amado-
dana kaThalimoni,[d] amadoda-
na ka-Akhubi,[e] amadodana ka-
Hathita, amadodana kaShoba-
yi, sebebonke bangu-139.

**43** Izikhonzi zasethempeli-
ni:*[f] amadodana kaZiha, ama-
dodana kaHasufa, amadodana
kaThabawoti, **44** amadodana
kaKherosi, amadodana kaSi-
yaha, amadodana kaPhado-
ni, **45** amadodana kaLebana,
amadodana kaHagaba, amado-
dana ka-Akhubi, **46** amado-
dana kaHagabi, amadodana ka-
Salimayi, amadodana kaHa-
nani, **47** amadodana kaGideli,
amadodana kaGahari, amado-
dana kaRewaya, **48** amadoda-
na kaRezini, amadodana kaNe-
khoda, amadodana kaGaza-
mu, **49** amadodana ka-Uziza,
amadodana kaPhaseya, amado-
dana kaBesayi, **50** amadoda-
na ka-Asina, amadodana ama-
Meyuni, amadodana kaNefusi-
mi, **51** amadodana kaBakibu-
ki, amadodana kaHakufa, ama-
dodana kaHarihuri, **52** ama-
dodana kaBhaziluthi, amado-
dana kaMehida, amadodana
kaHarisha, **53** amadodana ka-
Barikhosi, amadodana kaSise-
ra, amadodana kaThema,
**54** amadodana kaNeziya, ama-
dodana kaHathifa.

**55** Amadodana ezinceku zi-
kaSolomoni: amadodana ka-
Sothayi, amadodana kaSofe-
reti, amadodana kaPheruda,[g]
**56** amadodana kaJahala, ama-
dodana kaDarikoni, amado-
dana kaGideli, **57** amadoda-
na kaShefathiya, amadodana

ISAHL. 2

*a* Ezr 10:26, 44
*b* Ezr 10:27, 44
*c* Ezr 10:33, 44
*d* Jos 21:8, 18; Jer 1:1
*e* Jos 18:21, 25
*f* Jos 18:21, 24
*g* Jos 7:2
*h* Ezr 10:43, 44
*i* Neh 7:39-42
*j* 1Kr 9:2, 10; Neh 11:3, 10
*k* 1Kr 24:3, 11
*l* 1Kr 24:3, 14; Ezr 10:20, 44
*m* Ezr 10:22, 44
*n* 1Kr 24:3, 8; Ezr 10:21, 44
*o* Neh 7:43
*p* Ezr 3:9; Neh 12:8, 24

Uhla 2

*a* Neh 7:44
*b* 1Kr 15:16, 17; Neh 11:3, 17
*c* Neh 7:45
*d* 1Kr 9:2, 17; Neh 11:3, 19
*e* Neh 12:25, 26
*f* Jos 9:3, 27; 1Kr 9:2; Neh 3:26; Neh 7:46-56
*g* Neh 7:57-60

**2:43** *Noma, “AmaNethini.” NgesiHebheru, “Abanikelwe.”

kaHathili, amadodana kaPho-
kereti-hazebhayimi, amadoda-
na ka-Ami.
**58** Sebebonke, izikhonzi za-
sethempelini* namadodana
ezinceku zikaSolomoni, babe-
ngu-392.
**59** Laba bakhuphuka besu-
ka eTheli-mela, eTheli-harisha,
eKherubi, e-Adoni nase-Imeri,
kodwa abakwazanga ukuqini-
sekisa uzalo lwabo nemvelaphi
yabo, ukuthi babengama-Isra-
yeli yini noma cha:[a] **60** ama-
dodana kaDelaya, amadodana
kaThobiya, amadodana kaNe-
khoda angu-652. **61** Emado-
daneni abapristi: amadodana
kaHabaya, amadodana kaHa-
kozi,[b] amadodana kaBharizila-
yi, owathatha umfazi emado-
dakazini kaBharizilayi[c] wase-
Gileyadi wayesebizwa ngegama
lawo. **62** Laba bazibheka izi-
ncwadi zabo zomlando ukuze
bathole uhlu lwabo lozalo, ko-
dwa abazitholanga, ngakho be-
nqatshelwa ukuba babe abapri-
sti.*[d] **63** Undunankulu* waba-
tshela ukuthi babengenakuzi-
dla izinto ezingcwelengcwele[e]
kuze kube yilapho kuba kho-
na umpristi ozobuza nge-Urimi
neThumimi.[f]
**64** Selilonke ibandla kwa-
kungabantu abangu-42 360,[g]
**65** ngaphandle kwezigqila ne-
zigqilakazi zabo ezazingu-7 337;
kwakukhona nabaculi besili-
sa nabesifazane abangu-200.
**66** Amahhashi abo ayengu-
736, iminyuzi yabo ingu-245,
**67** amakamela abo engu-435,
izimbongolo zabo zingu-6 720.
**68** Lapho befika endlini ka-
Jehova eJerusalema, ezinye
izinhloko zezindlu zoyise zani-
kelela indlu kaNkulunkulu we-
qiniso iminikelo yokuzithande-
la[a] ukuze ziyakhe kabusha*
endaweni yayo.[b] **69** Ngokwa-
mandla azo zanikela esikhwa-
meni salo msebenzi ngamadra-
kma* egolide angu-61 000, ngo-
mina#[c] besiliva abangu-5 000
nangezembatho zabapristi ezi-
ngu-100. **70** Abapristi, ama-
Levi, abanye kubantu, aba-
culi, abalindisango nezikhonzi
zasethempelini* bazinza ema-
dolobheni akubo, nawo wonke
u-Israyeli wazinza emadolobhe-
ni akhe.[d]

**3** Lapho kufika inyanga ye-
sikhombisa[e] ama-Israyeli*
esemadolobheni awo, aqo-
qana ngobunye eJerusalema.
**2** UJeshuwa[f] indodana kaJe-
hozadaki nozakwabo abanga-
bapristi noZerubhabhele[g] indo-
dana kaSheyalitiyeli[h] nabafo-
wabo, basukuma bakha i-alta-
re likaNkulunkulu ka-Israye-
li, ukuze banikele imihlatshelo
eshiswayo kulo, njengoba ku-
lotshiwe eMthethweni KaMo-
se[i] umuntu kaNkulunkulu we-
qiniso.
**3** Ngakho babeka i-altare
endaweni elalikuyo ekuqale-
ni, yize babezesaba izizwe
ezazibazungezile,[j] banikela ku-
Jehova imihlatshelo eshiswa-
yo kulo, imihlatshelo eshiswa-

ISAHL. 2
a Neh 7:61-65
b 1Kr 24:3, 10; Neh 3:21
c 2Sa 17:27-29; 1Kh 2:7
d Num 3:10
e Lev 2:3; Lev 6:26; Num 18:11
f Eks 28:30; Num 27:21; 1Sa 28:6
g Neh 7:66-69; Isay 10:21; Jer 23:3

Uhla 2
a Eks 35:5; 1Kr 29:5; Neh 7:70-72
b 2Kr 3:1
c Ezr 8:25
d Neh 7:73

ISAHL. 3
e 1Kh 8:2
f Hag 1:1
g Ezr 1:7, 8; Luk 3:23, 27
h 1Kr 3:17; Mat 1:12
i Eks 20:24; Eks 40:29
j Ezr 4:4

**2:58** *Noma, "amaNethini." NgesiHebheru, "abanikelwe." **2:62** *Noma, "abafakwanga ebupristini ngoba babebhekwa njengabangcolile." **2:63** *Noma, "UThirishatha," isiqu sasePheresiya esisho undunankulu wesifundazwe.

**2:68** *Noma, "ziyimise." **2:69** *Ngokuvamile ahlotshaniswa nohlamvu lwemali oluyigolide lwasePheresiya olwaluyisisindo esingu-8,4 g. Akuwona amadrakma asemiBhalweni YesiGreki. Bheka iSithasiselo B14. #Umina emiBhalweni YesiHebheru wawulingana no-570 g. Bheka iSithasiselo B14. **2:70** *Noma, "namaNethini." NgesiHebheru, "nabanikelwe." **3:1** *NgesiHebheru, "amadodana ka-Israyeli."

yo yasekuseni neyakusihlwa.[a]
4 Babe sebegubha uMkhosi
Wamadokodo* ngokwalokho
okulotshiwe,[b] usuku nosuku
banikela inani elithile lemihla-
tshelo eshiswayo eyayifuneka.[c]
5 Ngemva kwalokho banikela
umnikelo oshiswayo owenziwa
njalo[d] neminikelo yokwethwa-
sa kwenyanga[e] neyazo zonke
izinkathi zemikhosi kaJehova
engcwelisiwe,[f] naleyo eyayive-
la kubo bonke abantu ababeni-
kela kuJehova umnikelo woku-
zithandela.[g] 6 Kusukela osu-
kwini lokuqala lwenyanga yesi-
khombisa[h] kuqhubeke banike-
la kuJehova imihlatshelo eshi-
swayo, yize isisekelo sethe-
mpeli likaJehova sasingakabe-
kwa.

7 Babe sebenika abasiki ba-
matshe[i] nezingcweti imali,[j] ba-
nika abaseSidoni nabaseThire
ukudla neziphuzo namafutha,
ukuze balethe izingodo zomse-
dari ezivela eLebhanoni bazi-
hambise olwandle ziye eJopha[k]
ngokwemvume kaKoresi inkosi
yasePheresiya.[l]

8 Ngonyaka wesibili ngemva
kokufika kwabo endlini kaNku-
lunkulu weqiniso eJerusale-
ma, ngenyanga yesibili, uZeru-
bhabhele indodana kaSheyaliti-
yeli, uJeshuwa indodana kaJe-
hozadaki nabo bonke abafowa-
bo, abapristi namaLevi, nabo
bonke ababefike eJerusalema
bevela ekuthunjweni[m] baqala
ukusebenza; babeka amaLevi
kusukela kwaneminyaka engu-
20 kuya phezulu ukuba aqondi-
se umsebenzi wendlu kaJeho-
va. 9 Ngakho uJeshuwa, ama-
dodana akhe nabafowabo, no-
Khadimiyeli namadodana akhe,
amadodana kaJuda, bahlanga-
na ukuze baqondise labo aba-
besebenza endlini kaNkulunku-
lu weqiniso, kanye namadodana
kaHenadadi,[a] amadodana awo
nabafowabo, amaLevi.

10 Lapho abakhi bebeka isi-
sekelo sethempeli likaJehova,[b]
abapristi ababembethe izemba-
tho ezisemthethweni, bephe-
the amacilongo,[c] namaLevi,
amadodana ka-Asafa, ephethe
amasimbali, basukuma uku-
ze badumise uJehova ngokwe-
siqondiso sikaDavide inkosi ya-
kwa-Israyeli.[d] 11 Baqala uku-
hlabelela beshintshana,[e] bedu-
misa uJehova bembonga, “ngo-
ba muhle; uthando lwakhe olu-
qotho ku-Israyeli luhlala kuze
kube phakade.”[f] Bonke abantu
bamemeza kakhulu bedumisa
uJehova ngenxa yokubekwa
kwesisekelo sendlu kaJehova.
12 Abaningi kubapristi, ama-
Levi nezinhloko zemindeni yo-
yise—amaxhegu ayebone indlu
yokuqala—bakhala kakhulu la-
pho bebona kubekwa isiseke-
lo sale ndlu,[g] kuyilapho abanye
abaningi bememeza kakhulu
ngenjabulo.[h] 13 Ngakho aba-
ntu babengakwazi ukuhlukani-
sa phakathi komsindo woku-
memeza kwenjabulo nomsindo
wokukhala, ngoba abantu ba-
bememeza kakhulu kangango-
kuba umsindo wawuzwakala
kude.

4 Lapho izitha zikaJuda no-
Bhenjamini[i] zizwa ukuthi
labo ababuya ekudingisweni[j]
bakhela uJehova uNkulunkulu
ka-Israyeli ithempeli, 2 ngo-
kushesha zaya kuZerubhabhe-
le nakwabayizinhloko zeminde-
ni yoyise zathi kubo: “Sivume-
leni sakhe kanye nani; ngoba
nathi sikhonza* uNkulunkulu
wenu,[k] besilokhu simenzela imi-
hlatshelo kusukela ezinsukwini

---

3:4 *Noma, “Wezindlwana Zesikhasha-
na.”

4:2 *NgesiHebheru, “sifuna.”

---

ISAHL. 3
a Num 28:3, 4
b Eks 23:16; Lev 23:34
c Eks 29:38; Num 29:12, 13
d Eks 29:39, 42
e Num 10:10; Hu 81:3
f Dut 16:16
g Dut 12:5, 6
h Num 29:1
i 1Kh 5:17
j Ezr 5:8
k Jos 19:46, 48; 1Kr 22:3, 4; 2Kr 2:10, 16
l Ezr 1:2, 3; Ezr 6:3, 4
m Neh 7:6, 7

Uhla 2
a Neh 3:18
b Zak 4:9
c Num 10:8
d 1Kr 6:31, 32; 1Kr 23:5; 1Kr 25:1
e Eks 15:21; Neh 12:24
f 1Kr 16:34; 2Kr 7:3
g 1Kh 6:22; Hag 2:3
h Hu 126:1, 6; Isay 35:10; Zak 4:9

ISAHL. 4
i Ezr 4:6-8; Neh 4:7, 8
j Ezr 2:1, 64
k 2Kh 17:33, 34

zika-Esari-hadoni[a] inkosi yase-
Asiriya, owasiletha lapha."[b]
**3** Nokho, uZerubhabhele noJe-
shuwa nazo zonke izinhloko
zemindeni yoyise yakwa-Israye-
li bathi kubo: "Aningeni nda-
wo ekwakheleni uNkulunkulu
wethu indlu,[c] ngoba sizomakhe-
la thina uJehova uNkulunkulu
ka-Israyeli indlu, njengoba nje
uKoresi inkosi yasePheresiya
esiyalile."[d]

**4** Abantu bezwe babelokhu
bebadikibalisa* abantu bakwa-
Juda, bebaqeda amandla emse-
benzini wokwakha.[e] **5** Baqa-
sha abeluleki ukuze bashafi-
se izinhlelo zabo[f] zonke izinsu-
ku zikaKoresi inkosi yasePhe-
resiya kwaze kwabusa uDariyu
inkosi[g] yasePheresiya. **6** Eku-
qaleni kokubusa kuka-Ahashi-
veroshi, babhala incwadi ema-
ngalela abantu bakwaJuda na-
baseJerusalema. **7** Ezinsu-
kwini zika-Aritahishashita
inkosi yasePheresiya, uBishi-
lamu, uMithiredati, uThabeye-
li nabo bonke ozakwabo ba-
bhalela iNkosi u-Aritahishashi-
ta; leyo ncwadi bayihumushela
olimini lwesi-Aramu,[h] bayibha-
la ngezinhlamvu zesi-Aramu.*

**8** * URehumi isikhulu esiyi-
nhloko sikahulumeni no-
Shimshayi umbhali babhalela
iNkosi u-Aritahishashita incwa-
di ekhuluma kabi ngeJerusale-
ma, ngale ndlela: **9** (Yayivela
kuRehumi isikhulu esiyinhloko
sikahulumeni noShimshayi um-
bhali nabo bonke ozakwabo,
abahluleli nondunankulu aba-
ngaphansi, onobhala, abantu
base-Erekhi,[i] abaseBhabhiloni,
abaseShushani,[j] okungukuthi,
ama-Elamu,[a] **10** nazo zonke
ezinye izizwe u-Asenaphari
omkhulu nohloniphekile aziyi-
sa ekudingisweni wazihlalisa
emadolobheni aseSamariya,[b]
ezinye wazihlalisa ngaPheshe-
ya Komfula,* manje **11** nayi
incwadi abayithumela kuyo.)

"Nkosi u-Aritahishashita, ive-
la ezincekwini zakho, ama-
doda angaPhesheya Komfula:
**12** Inkosi mayazi ukuthi ama-
Juda akhuphukele lapha ki-
thi evela kuwe afikile eJerusale-
ma. Alakha kabusha leli dolobha
elidlubulundayo nelikhohlakele,
aseyaziqeda izindonga[c] nokulu-
ngisa izisekelo. **13** Manje inko-
si mayazi ukuthi uma leli dolo-
bha lingase lakhiwe kabusha ne-
zindonga zalo ziqedwe, akukho
ntela nankokhiso[d] namali yom-
gwaqo abazoyikhipha, lokho ku-
zobangela ukuba amakhosi ala-
hlekelwe umcebo. **14** Njengo-
ba sidla usawoti wasesigodlwe-
ni,* akufaneleki ukuba sibone
izinto ezithandwa inkosi zipha-
zanyiswa, ngenxa yalokhu siye
sathumela lo mbiko ukuze sazi-
se inkosi, **15** ukuze kuphe-
nywe encwadini yemibhalo egci-
niwe yokhokho bakho.[e] Encwa-
dini yemibhalo egciniwe uzo-
thola ukuthi leli dolobha liyido-
lobha elidlubulundayo, liyingo-
zi emakhosini nasezifundazwe-
ni,* futhi ngaphakathi kulo be-
kulokhu kukhona abashoshoze-
la ukuvukela kusukela endulo.
Yingakho leli dolobha laqothu-
lwa.[f] **16** Sazisa inkosi ukuthi
uma leli dolobha lakhiwa kabu-
sha nezindonga zalo seziqediwe,
ngeke ukwazi ukulawula* inda-
wo engaPhesheya Komfula."[g]

ISAHL. 4
*a* 2Kh 19:36, 37
*b* 2Kh 17:24
*c* Neh 2:19, 20; Joh 4:9, 22
*d* 2Kr 36:23; Ezr 1:1-3; Ezr 6:3, 4
*e* Neh 6:9
*f* Neh 6:10-12
*g* Ezr 4:24; Ezr 5:5; Ezr 6:1
*h* 2Kh 18:26
*i* Gen 10:9, 10
*j* Neh 1:1; Est 1:2; Dan 8:2

Uhla 2
*a* Gen 10:22; Isay 11:11; Jer 49:35, 36
*b* 2Kh 17:24
*c* Neh 1:3
*d* 2Kh 23:35; Neh 5:4
*e* Est 2:23; Est 6:1
*f* Jer 52:3
*g* Dut 11:24

**4:4** * NgesiHebheru, "benza buthaka izandla." **4:7** * Noma kungaba, "yabhalwa ngezinhlamvu zesi-Aramu yayisihunyushwa." **4:8** * U-Ezra 4:8 kuya ku-6:18 wawubhalwe ngesi-Aramu ekuqaleni.

**4:10** * Noma, "ngaPhesheya Kwe-Ewufrathe." **4:14** * Noma, "umholo wethu uvela esigodlweni." **4:15** * Noma, "nasezifundeni zombuso." **4:16** * NgesiAramu, "ngeke ube nasabelo."

**17** Inkosi yathumela izwi
kuRehumi isikhulu esiyinhlo-
ko sikahulumeni nakuShimsha-
yi umbhali nakubo bonke aba-
nye ozakwabo ababehlala eSa-
mariya nakubo bonke abanye
ababengaPhesheya Komfula:

“Sanibonani! **18** Incwadi ya-
sebukhosini enisithumele yona
ifundwe* ngokucacile phambi
kwami. **19** Ngiyale ukuba kwe-
nziwe uphenyo, kwatholaka-
la ukuthi kusukela kudala leli
dolobha liye lajikela amakho-
si, ladlubulunda futhi lavukela.[a]
**20** Kwakunamakhosi anama-
ndla eJerusalema ayebusa yo-
nke indawo engaPhesheya Ko-
mfula, futhi ayekhokhelwa inte-
la, inkokhiso nemali yomgwa-
qo. **21** Manje khiphani umyalo
wokuba la madoda ayeke uku-
sebenza, ukuze idolobha linga-
khiwa kabusha kuze kube yi-
lapho mina ngikhipha umyalo.
**22** Qaphelani ukuba ningaku-
debeseleli ukwenza lokhu, uku-
ze izinto ezithandwa inkosi zi-
ngabe zisaphazanyiswa.”[b]

**23** Ngemva kokuba le kho-
phi yencwadi yomthetho evela
eNkosini u-Aritahishashita isi-
fundiwe phambi kukaRehumi
noShimshayi umbhali nozakwa-
bo, baphuthuma baya kumaJu-
da eJerusalema bawamisa nge-
nkani. **24** Wama ngaleso si-
khathi umsebenzi endlini ka-
Nkulunkulu eyayiseJerusalema;
wama nsi kwaze kwaba unyaka
wesibili wokubusa kukaDariyu
inkosi yasePheresiya.[c]

**5** Ngemva kwalokho, umpro-
fethi uHagayi[d] nomprofe-
thi uZakariya[e] umzukulu ka-
Ido[f] baprofetha kumaJuda aye-
kwaJuda naseJerusalema, ega-
meni likaNkulunkulu ka-Isra-
yeli owayenabo. **2** UZerubha-
bhele[a] indodana kaSheyalitiye-
li noJeshuwa[b] indodana kaJe-
hozadaki baqala ngaleso si-
khathi ukwakha kabusha indlu
kaNkulunkulu[c] eyayiseJerusa-
lema; abaprofethi bakaNkulu-
nkulu babekanye nabo bebasi-
za.[d] **3** Ngaleso sikhathi uTha-
thenayi umbusi ongaPhesheya
Komfula* noShethari-bhozena-
yi nozakwabo beza kubo baba-
buza bathi: “Ubani oniyale uku-
ba nakhe le ndlu nokuba niqe-
dele lesi sakhiwo?” **4** Base
bebabuza bathi: “Obani amaga-
ma amadoda asebenza kulesi
sakhiwo?” **5** Kodwa uNkulu-
nkulu wayewaqaphile amadoda
amadala akwaJuda,[e] futhi aba-
bayekisanga kwaze kwaba yila-
pho umbiko usuthunyelwe ku-
Dariyu nencwadi engokomthe-
tho ephathelene nalokhu isibu-
yiselwe kubo.

**6** Nansi ikhophi yencwadi
uThathenayi umbusi wenda-
wo engaPhesheya Komfula no-
Shethari-bhozenayi nozakwa-
bo, ababusi abangamaphini
bendawo engaPhesheya Ko-
mfula, abayithumela eNkosini
uDariyu; **7** bathumela umbi-
ko kuyo, futhi nakhu abaku-
bhala:

“KuDariyu inkosi:

“Konke ukuthula makube
nawe! **8** Makwazeke enkosini
ukuthi siye esifundazweni* sa-
kwaJuda endlini kaNkulunkulu
omkhulu, futhi yakhiwa ngama-
tshe amakhulu agingqelwe ezi-
ndaweni zawo, kufakwa nezi-
ngodo ezindongeni. Abantu ba-
wenza ngomdlandla umsebenzi
futhi uyathuthuka ngenxa yemi-
zamo yabo. **9** Sibe sesiwabuza

---

**4:18** *Noma kungaba, “ihunyushiwe yafundwa.”

**5:3** *Noma, “ongaPhesheya Kwe-Ewufrathe.” **5:8** *Noma, “esifundeni sombuso.”

---

ISAHL. 4
*a* 2Kh 18:1, 7
2Kh 24:20
Ezr 4:15
*b* Ezr 4:13
*c* Ezr 5:5
Ezr 6:1
Hag 1:14, 15

ISAHL. 5
*d* Hag 1:1
*e* Zak 1:1
*f* Neh 12:1, 4

Uhla 2
*a* Mat 1:12
*b* Zak 6:11
*c* Ezr 3:2, 8
*d* Ezr 6:14
Hag 2:4, 21
Zak 4:7
*e* Ezr 7:6, 28
Ezr 8:22

amadoda amadala akhona, sa-
thi: 'Ubani oniyale ukuba nakhe
le ndlu nokuba niqedele lesi sa-
khiwo?'[a] **10** Siwabuze namaga-
ma awo ukuze sikwazise, ukuze
silobe amagama amadoda aho-
layo.

**11** "Nansi impendulo asini-
ke yona: 'Siyizinceku zika-
Nkulunkulu wamazulu nom-
hlaba, sakha kabusha indlu
eyayakhiwe eminyakeni emini-
ngi edlule, eyakhiwa inkosi
enkulu yakwa-Israyeli yayiqe-
da.[b] **12** Nokho, ngenxa yoku-
thi obaba bamcasula uNkulu-
nkulu wamazulu,[c] wabanikela
kuNebukhadinezari inkosi[d] ya-
seBhabhiloni, umKhaledi, owa-
yibhidliza le ndlu[e] wayisa aba-
ntu ekudingisweni eBhabhilo-
ni.[f] **13** Noma kunjalo, ngonya-
ka wokuqala kaKoresi inkosi
yaseBhabhiloni, iNkosi uKore-
si yakhipha umyalo wokuba ya-
khiwe kabusha le ndlu kaNku-
lunkulu.[g] **14** Ngaphezu kwa-
lokho, iNkosi uKoresi yakhi-
pha izitsha zegolide nezesili-
va zendlu kaNkulunkulu, lezo
uNebukhadinezari ayezithathe
ethempelini eJerusalema wazi-
yisa ethempelini laseBhabhilo-
ni.[h] Lezo zitsha zanikwa umu-
ntu ogama lakhe uSheshibha-
zari,*[i] uKoresi ayemenze umbu-
si.[j] **15** UKoresi wathi kuye:
"Thatha lezi zitsha. Hamba
uyozibeka ethempelini elise-
Jerusalema, futhi indlu ka-
Nkulunkulu mayakhiwe kabu-
sha endaweni yayo."[k] **16** Lo
Sheshibhazari wafika, wabeka
izisekelo zendlu kaNkulunku-
lu eseJerusalema;[l] ibilokhu ya-
khiwa kusukela ngaleso sikha-
thi kuze kube manje, kodwa
ayikaqedwa.'[m]

**17** "Manje uma kubonaka-
la kukuhle enkosini, makwe-
nziwe uphenyo endlini yengce-
bo yenkosi elapho eBhabhilo-
ni, ukuthi iNkosi uKoresi ya-
wukhipha yini umyalo wokuba
kwakhiwe kabusha leyo ndlu
kaNkulunkulu eseJerusalema;[a]
futhi makuthunyelwe kithi isi-
nqumo senkosi ngokuphathele-
ne nalokhu."

**6** Kungaleso sikhathi lapho
iNkosi uDariyu yakhipha
khona umyalo, kwaphenywa
endlini yezinto* ezigciniwe la-
pho kwakubekwa khona ingce-
bo eBhabhiloni. **2** Kwathola-
kala umqulu esigodlweni e-Aki-
metha, esifundazweni* sase-
Mediya, okwakulotshwe kuwo
umlando othi:

**3** "Ngonyaka wokuqala we-
Nkosi uKoresi, iNkosi uKore-
si yakhipha umyalo ngokupha-
thelene nendlu kaNkulunkulu
eseJerusalema:[b] 'Le ndlu ma-
yakhiwe kabusha ibe indawo
okuzonikelwa kuyo imihlatshe-
lo, kumele kubekwe izisekelo
zayo; ukuphakama kwayo ku-
mele kube amamitha angaba
ngu-26,7,* ububanzi bayo bube
amamitha angaba ngu-26,7,[c]
**4** ibe nezinhla ezintathu zama-
tshe amakhulu agingqelwe ezi-
ndaweni zawo nohla olulo-
dwa lwezingodo;[d] izindleko ma-
zikhokhwe ngemali ethathwe
endlini yenkosi.[e] **5** Izitsha ze-
golide nezesiliva zendlu kaNku-
lunkulu ezathathwa uNebukha-
dinezari ethempelini elaliseJe-
rusalema waziletha eBhabhilo-
ni[f] mazibuyiselwe, ukuze zibe-
kwe endaweni yazo ethempeli-
ni eJerusalema, zibekwe endli-
ni kaNkulunkulu.'[g]

---

5:14 *Kungenzeka uZerubhabhele oku-Ezr 2:2; 3:8.

6:1 *Ngesi-Aramu, "yemibhalo." 6:2 *Noma, "esifundeni sombuso." 6:3 *Izingalo ezingu-60. Bheka iSithasiselo B14.

---

ISAHL. 5
a Ezr 5:3, 4
b 1Kh 7:51
c Dut 31:17; 2Kr 34:24, 25
d 2Kh 24:1; 2Kh 25:1
e 2Kh 25:8, 9
f 2Kh 25:11
g Ezr 1:1-3
h 2Kh 25:14, 15; 2Kr 36:7, 18
i Ezr 1:8, 11
j Hag 1:1, 14
k Ezr 1:2, 7
l Ezr 3:10; Hag 2:18; Zak 4:9
m Ezr 4:23, 24

Uhla 2
a 2Kr 36:22, 23; Ezr 6:3, 4

ISAHL. 6
b 2Kr 36:22, 23; Ezr 1:1-3
c 1Kh 6:2
d Ezr 3:7; Ezr 5:8
e Ezr 7:20; Isay 49:23
f 2Kh 25:13-15; 2Kr 36:7, 18; Dan 1:1, 2; Dan 5:2
g Ezr 1:8, 11

**6** “Ngakho wena Thathena-
yi mbusi ongaPhesheya Ko-
mfula,* nawe Shethari-bhoze-
nayi kanye nozakwenu, aba-
busi abangamaphini abanga-
Phesheya Komfula[a]—dedani la-
pho. **7** Hlukanani nomsebe-
nzi owenziwa kuleyo ndlu ka-
Nkulunkulu. Umbusi wamaJu-
da namadoda amadala akwa-
Juda bazoyakha kabusha leyo
ndlu kaNkulunkulu endaweni
eyayikuyo. **8** Ngaphezu kwa-
lokho ngikhipha umyalo ngoku-
qondene nalokho okufanele ni-
kwenzele la madoda amadala
akwaJuda ngokwakha kabusha
leyo ndlu kaNkulunkulu: Ku-
sukela engcebweni yasebukho-
sini,[b] emalini yentela eqoqwe
ngaPhesheya Komfula, imali
yezindleko kufanele inikwe la
madoda ngokushesha ukuze
aqhubeke ngaphandle kwezi-
phazamiso.[c] **9** Noma yini edi-
ngekayo—amaduna ezinkomo[d]
kanye nezinqama[e] namawu-
ndlu[f] eminikelo eshiswayo eya
kuNkulunkulu wezulu, ukolwe-
ni,[g] usawoti,[h] iwayini[i] namafu-
tha,[j] njengoba nje kusho aba-
pristi abaseJerusalema—kufa-
nele anikwe yona njalo usu-
ku nosuku kungageji, **10** uku-
ze aqhubeke enikela iminikelo
ejabulisa uNkulunkulu wama-
zulu futhi athandazele ukuphi-
la kwenkosi namadodana ayo.[k]
**11** Ngikhiphe nomyalo wokuba
uma noma ubani ephula lesi si-
nqumo, kuyokhishwa ugodo
endlini yakhe aphakanyiswe
bese ebethelwa* kulo, indlu ya-
khe iphendulwe indlu yanga-
sese# yomphakathi ngenxa ya-
lokhu. **12** Kwangathi uNkulu-
nkulu owenze ukuba igama la-
khe lihlale lapho[a] angagumbu-
qela noma iyiphi inkosi naba-
ntu abaphakamisa isandla sabo
ukuze baphule lo myalo fu-
thi bachithe leyo ndlu kaNkulu-
nkulu eseJerusalema. Mina Da-
riyu, ngikhipha lo myalo. Ma-
wenziwe ngokushesha.”
**13** UThathenayi umbusi
ongaPhesheya Komfula, uShe-
thari-bhozenayi[b] nozakwabo
bakwenza ngokushesha konke
iNkosi uDariyu eyayikuyalile.
**14** Amadoda amadala amaJu-
da aqhubeka nokwakha, aba
nempumelelo,[c] egqugquzelwa
ukuprofetha kukaHagayi[d] um-
profethi noZakariya[e] umzuku-
lu ka-Ido; aqeda ukwakha ngo-
myalo kaNkulunkulu ka-Israye-
li[f] nangomyalo kaKoresi[g] noDa-
riyu[h] no-Aritahishashita[i] inko-
si yasePheresiya. **15** Ayiqeda
le ndlu ngosuku lwesithathu
lwenyanga ka-Adari,* ngonya-
ka wesithupha wokubusa kwe-
Nkosi uDariyu.
**16** Ama-Israyeli, abapristi,
amaLevi[j] nabo bonke aba-
nye ababekade bedingisiwe ba-
kugubha ngenjabulo ukuvu-
lwa* kwale ndlu kaNkulunku-
lu. **17** Ukuze kugujwe uku-
vulwa kwale ndlu kaNkulunku-
lu baletha izinkunzi ezingu-100,
izinqama ezingu-200, amawu-
ndlu angu-400 nezimpongo ezi-
ngu-12 kwaba umnikelo wesono
wawo wonke u-Israyeli, ngoku-
vumelana nesibalo sezizwe za-
kwa-Israyeli.[k] **18** Bamisa aba-
pristi emaqenjini abo namaLe-
vi ezigabeni zawo, babamise-
la inkonzo kaNkulunkulu eJe-
rusalema,[l] ngokwalokho okulo-
tshwe encwadini kaMose.[m]
**19** Labo ababekade bedingi-
siwe bagubha iPhasika ngosu-
ku luka-14 lwenyanga yoku-
qala.[n] **20** Abapristi namaLevi,

**ISAHL. 6**

*a* Ezr 5:3, 6
*b* Ezr 7:20; Hag 2:7, 8
*c* Ezr 5:5
*d* Lev 1:3, 5
*e* Lev 1:10
*f* Num 28:3
*g* Lev 2:1
*h* Lev 2:13
*i* Num 15:5
*j* Eks 27:20; Lev 2:4
*k* Ezr 7:23

**Uhla 2**

*a* Dut 12:5, 6; 2Kr 7:16
*b* Ezr 5:6
*c* Ezr 3:8; Ezr 4:3
*d* Hag 1:12
*e* Ezr 5:1, 2; Zak 1:1, 7; Zak 6:15
*f* Hag 1:8
*g* 2Kr 36:23; Ezr 1:2, 3; Isay 44:28
*h* Ezr 6:12
*i* Ezr 7:12, 13
*j* 1Kr 9:2; Neh 7:73
*k* 2Kr 7:5
*l* 1Kr 23:6
*m* Num 3:6
*n* Eks 12:2, 14; Lev 23:5; Dut 16:1; Est 3:7

---

**6:6** *Noma, “ongaPhesheya Kwe-Ewufrathe.” **6:11** *Noma, “eboshelwa.” #Noma kungaba, “indawo yokulahla udoti.”

**6:15** *Bheka iSithasiselo B15. **6:16** *Noma, “ukunikezelwa.”

bonke ngothi lwabo, babezi-
hlanzile,[a] ngakho bonke babe-
hlanzekile; babahlabela umhla-
tshelo wePhasika bonke ababe-
dingisiwe, abanye abapristi, ka-
nye nabo ngokwabo. **21** Kho-
na-ke ama-Israyeli ayebuye eku-
dingisweni awudla, kanye nawo
wonke umuntu owayezihlanga-
nise nawo wazihlukanisa noku-
ngcola kwezizwe zakulelo zwe
ukuze akhonze* uJehova uNku-
lunkulu ka-Israyeli.[b] **22** Bawu-
gubha ngenjabulo uMkhosi We-
sinkwa Esingenamvubelo[c] izi-
nsuku eziyisikhombisa, ngoba
uJehova wababangela ukuba
bajabule futhi wayenze inhli-
ziyo yenkosi yase-Asiriya
yaba nomusa kubo,[d] yabaseke-
la* emsebenzini wendlu kaNku-
lunkulu weqiniso, uNkulunkulu
ka-Israyeli.

**7** Ngemva kwalezi zinto, nge-
sikhathi sokubusa kuka-
Aritahishashita inkosi[e] yase-
Pheresiya, u-Ezra*[f] wabu-
ya. Wayeyindodana kaSera-
ya,[g] indodana ka-Azariya,
indodana kaHilikiya,[h] **2** indo-
dana kaShalumi, indodana ka-
Zadoki, indodana ka-Ahithubi,
**3** indodana ka-Amariya, indo-
dana ka-Azariya,[i] indodana ka-
Merayoti, **4** indodana kaZera-
ya, indodana ka-Uzi, indodana
kaBhuki, **5** indodana ka-Abhi-
shuwa, indodana kaFinehasi,[j]
indodana ka-Eleyazare,[k] indo-
dana ka-Aroni[l] umpristi om-
khulu. **6** Lo Ezra wakhuphu-
ka evela eBhabhiloni. Waye-
ngumkopishi* owayewazi kahle
uMthetho KaMose,[m] ababewu-
nikwe uJehova uNkulunkulu
ka-Israyeli. Inkosi yamnika ko-
nke ayekucelile, ngoba isandla
sikaJehova uNkulunkulu wa-
khe sasiphezu kwakhe.

**7** Amanye ama-Israyeli, aba-
pristi, amaLevi,[a] abahlabe-
leli,[b] abalindisango[c] nezikhonzi
zasethempelini,*[d] bakhuphu-
kela eJerusalema ngonyaka
wesikhombisa weNkosi u-Ari-
tahishashita. **8** U-Ezra wafika
eJerusalema ngenyanga yesi-
hlanu, ngonyaka wesikhombisa
wenkosi. **9** Ngosuku lokuqa-
la lwenyanga yokuqala, watha-
tha uhambo olusuka eBhabhi-
loni, wafika eJerusalema ngo-
suku lokuqala lwenyanga yesi-
hlanu, ngoba isandla esihle si-
kaNkulunkulu wakhe sasiphe-
zu kwakhe.[e] **10** U-Ezra waye-
lungise inhliziyo* yakhe ukuba
ahlole uMthetho kaJehova no-
kuba awenze[f] nokuba afundi-
se kwa-Israyeli iziqondiso neza-
hlulelo zawo.[g]

**11** Nansi ikhophi yencwadi
iNkosi u-Aritahishashita eyayi-
nika u-Ezra umpristi nomkopi-
shi,* oyisazi# semiyalo kaJeho-
va neziqondiso zakhe ku-Isra-
yeli:

**12** * “Ivela ku-Aritahishashi-
ta,[h] inkosi yamakhosi, iya ku-
Ezra umpristi, umkopishi#
woMthetho kaNkulunkulu wa-
mazulu: Kwangathi ungaba no-
kuthula. Manje **13** ngikhiphe
umyalo wokuba wonke umu-
ntu embusweni wami kubantu
bakwa-Israyeli nabapristi babo
namaLevi, othandayo ukuya
nawe eJerusalema makaha-
mbe nawe.[i] **14** Ngoba wena
uthunywe yinkosi nabelule-
ki bayo abayisikhombisa uku-

ISAHL. 6
a Eks 30:19, 20; Lev 21:8; Lev 22:2, 3
b Eks 12:48; Num 9:14
c Eks 12:17; Lev 23:6
d Ezr 7:27; IzA 21:1

ISAHL. 7
e Neh 2:1
f Neh 8:2; Neh 12:26
g 1Kr 6:14
h 2Kh 22:8
i 2Kr 31:10
j Num 25:11; Hlu 20:28
k Eks 6:23, 25; Num 3:32; Dut 10:6
l Eks 7:1; Eks 28:1
m Neh 8:1, 4

Uhla 2
a Ezr 8:18, 19
b 1Kr 6:31, 32
c 1Kr 9:22-27
d 1Kr 9:2; Ezr 8:20
e Ezr 8:22
f Dut 5:1; Dut 17:10
g Dut 33:8, 10; Mal 2:7
h Ezr 6:14; Neh 2:1
i Ezr 1:2, 3

**6:21** *NgesiHebheru, “afune.” **6:22** *NgesiHebheru, “yaqinisa izandla zabo.” **7:1** *Incazelo: “Usizo.” **7:6** *Noma, “Wayengumbhali.”

**7:7** *Noma, “namaNethini.” NgesiHebheru, “nabanikelwe.” **7:10** *Noma, “wayenqumile enhliziyweni.” **7:11** *Noma, “nombhali.” #Noma, “umkopishi wamazwi.” **7:12** *U-Ezr 7:12 kuya ku-7:26 waqale wabhalwa ngesi-Aramu. #Noma, “umbhali.”

ba uhlole ukuthi uMthetho ka-
Nkulunkulu wakho owuphethe
uyagcinwa yini kwaJuda nase-
Jerusalema, **15** nokuba utha-
the isiliva negolide inkosi na-
beluleki bayo abalinike uNku-
lunkulu ka-Israyeli ngokuzitha-
ndela, ondawo yakhe yokuhla-
la iseJerusalema, **16** kanye
nalo lonke isiliva negolide oli-
thola kuso sonke isifunda-
zwe* saseBhabhiloni nesipho
abantu nabapristi abasinike-
lela indlu kaNkulunkulu wabo
eseJerusalema ngokuzithande-
la.[a] **17** Ngale mali kufanele
uthenge ngokushesha izinku-
nzi,[b] izinqama,[c] amawundlu[d]
kanye neminikelo yako yoku-
dla okusanhlamvu[e] neminikelo
yako ephuzwayo,[f] kumele uku-
lethe e-altare lendlu kaNkulu-
nkulu wenu eseJerusalema.

**18** "Noma yini ebonakala iyi-
nhle kuwe nakubafowenu uku-
yenza, ningayenza ngalo lonke
elinye isiliva negolide, ngokwe-
ntando kaNkulunkulu wenu.
**19** Zonke izitsha enizinikwayo
zenkonzo yendlu kaNkulunkulu
wakho, kufanele uzilethe pha-
mbi kukaNkulunkulu eJerusa-
lema.[g] **20** Zonke ezinye izinto
ezidingekayo endlini kaNkulu-
nkulu wakho okumele uzikhi-
phe, uyozithatha engcebweni
yasebukhosini.[h]

**21** "Mina Nkosi Aritahisha-
shita, ngikhiphe umyalo kubo
bonke abaphathi-zimali aba-
ngaPhesheya Komfula, woku-
thi konke u-Ezra umpristi,[i]
umkopishi* woMthetho kaNku-
lunkulu wamazulu, akucelayo
kini kumele kwenziwe ngoku-
shesha, **22** ngisho noma ku-
ngaba amathalenta* angu-100
esiliva, amakhora* angu-100
kakolweni, amabhathi# angu-
100 ewayini,[a] amabhathi angu-
100 amafutha[b] nosawoti[c]
ongenasilinganiso. **23** Konke
uNkulunkulu wamazulu akuya-
lile makwenzelwe indlu kaNku-
lunkulu wamazulu[d] ngentshi-
seko, ukuze kungabikho lula-
ka oluvuthela umbuso wenkosi
namadodana ayo.[e] **24** Nixwa-
yiswa nangokuthi akuvumele-
kile ukuba kufunwe ngenkani
intela, inkokhiso,[f] imali yom-
gwaqo kunoma yimuphi ku-
bapristi nakumaLevi, abaculi,[g]
abalindimnyango, izikhonzi za-
sethempelini*[h] nezisebenzi za-
kule ndlu kaNkulunkulu.

**25** "Wena Ezra, ngokuhla-
kanipha owakuthola kuNkulu-
nkulu wakho, misa izimantshi
nabahluleli ukuze bahlulele
bonke abantu abangaPheshe-
ya Komfula, bonke labo aba-
zi imithetho kaNkulunkulu wa-
kho; futhi kufanele ufundise
noma ubani ongayazi.[i] **26** Wo-
nke umuntu ongawugcini
uMthetho kaNkulunkulu wa-
kho nomthetho wenkosi, ku-
fanele ahlulelwe ngokushesha,
kungakhathaliseki ukuthi isa-
hlulelo siwukubulawa, ukudi-
ngiswa, inhlawulo noma ukufa-
kwa ejele."

**27** Kwangathi uJehova
uNkulunkulu wokhokho be-
thu angadunyiswa, ofake enhli-
ziyweni yenkosi isifiso sokwe-
nza indlu kaJehova eseJeru-
salema ibe yinhle![j] **28** Ungi-
bonise uthando oluqotho pha-
mbi kwenkosi[k] nabeluleki
bayo[l] nazo zonke izikhulu ze-
nkosi ezinamandla. Ngakho

---

**7:16** *Noma, "isifunda sombuso." **7:21** *Noma, "umbhali." **7:22** *Ithalenta lalilingana no-34,2 kg. Bheka iSithasiselo B14.

**7:22** *Ikhora lalilingana no-220 L. Bheka iSithasiselo B14. #Ibhathi lalilingana no-22 L. Bheka iSithasiselo B14. **7:24** *Noma, "amaNethini." NgesiHebheru, "abanikelwe."

---

ISAHL. 7
a Ezr 1:5, 6; Ezr 8:25
b Lev 1:3
c Lev 1:10
d Num 28:3
e Num 15:4
f Num 15:5
g Ezr 8:30
h Ezr 6:3, 4; Ezr 6:8
i Ezr 7:6; Neh 8:2

Uhla 2
a Num 15:5
b Eks 27:20; Lev 2:1
c Lev 2:13
d Ezr 1:2
e Ezr 6:9, 10
f Neh 5:4
g 1Kr 15:16
h 1Kr 9:2
i Neh 8:2, 3
j Ezr 6:22; IzA 21:1; Isay 60:13
k Ezr 9:9; Neh 1:11
l Ezr 7:14

ngaba nesibindi ngoba isa-
ndla sikaJehova uNkulunkulu
wami sasiphezu kwami, ngaqo-
qa kwa-Israyeli amadoda aho-
layo* ukuba akhuphuke kanye
nami.

8 Yilaba-ke ababeyizinhloko
zemindeni yoyise futhi
nalu uhlu lozalo lwalabo
abakhuphuka nami bephuma
eBhabhiloni phakathi nokubu-
sa kweNkosi u-Aritahishashi-
ta:[a] **2** emadodaneni kaFineha-
si,[b] uGereshomu; emadodane-
ni ka-Itamari,[c] uDaniyeli; ema-
dodaneni kaDavide, uHathu-
shi; **3** emadodaneni kaSheka-
niya, wamadodana kaPharoshi,
uZakariya, kanye naye kwa-
bhaliswa abesilisa abangu-150;
**4** emadodaneni kaPhahati-mo-
wabi,[d] u-Eliyeho-enayi indoda-
na kaZeraya, kanye nabesilisa
abangu-200; **5** emadodaneni
kaZathu,[e] uShekaniya indoda-
na kaJahaziyeli, kanye nabesi-
lisa abangu-300; **6** emadoda-
neni ka-Adini,[f] u-Ebhedi indo-
dana kaJonathani, kanye nabe-
silisa abangu-50; **7** emadoda-
neni ka-Elamu,[g] uJeshaya indo-
dana ka-Athaliya, kanye na-
besilisa abangu-70; **8** emado-
daneni kaShefathiya,[h] uZebadi-
ya indodana kaMikayeli, kanye
nabesilisa abangu-80; **9** ema-
dodaneni kaJowabe, u-Obadiya
indodana kaJehiyeli, kanye na-
besilisa abangu-218; **10** ema-
dodaneni kaBhani, uShelomiti
indodana kaJosifiya, kanye na-
besilisa abangu-160; **11** ema-
dodaneni kaBebayi, uZakariya
indodana kaBebayi,[i] kanye na-
besilisa abangu-28; **12** ema-
dodaneni ka-Azigadi,[j] uJohana-
ni indodana kaHakathani, ka-
nye nabesilisa abangu-110;
**13** emadodaneni ka-Adonika-
mu,[a] ababengabokugcina, kwa-
kuyilawa amagama abo: u-Eli-
feleti, uJeheyeli noShemaya,
kanye nabesilisa abangu-60;
**14** emadodaneni kaBhigivayi,[b]
u-Uthayi noZabibudi, kanye na-
besilisa abangu-70.

**15** Ngabaqoqela emfuleni
ofika e-Ahava,[c] sakanisa khona
izinsuku ezintathu. Kodwa la-
pho ngihlola abantu nabapristi,
awekho amaLevi engawathola
lapho. **16** Ngakho ngathume-
la ukuba kubizwe u-Eliyezeri,
u-Ariyeli, uShemaya, u-Elina-
thani, uJaribi, u-Elinathani,
uNathani, uZakariya noMeshu-
lami, ababengabaholi, no-
Joyaribi kanye no-Elinathani,
ababengabafundisi. **17** Ngabe
sengibanika umyalo ngoku-
phathelene no-Ido ongumho-
li endaweni ebizwa ngokuthi
iKhasifiya. Ngabayala ukuba
batshele u-Ido nabafowabo, izi-
khonzi zasethempelini* ezazi-
seKhasifiya, ukuba basilethele
izikhonzi zendlu kaNkulunkulu
wethu. **18** Njengoba isandla
esihle sikaNkulunkulu wethu
sasiphezu kwethu, basilethela
indoda enokuqonda evela ema-
dodaneni kaMaheli[d] engumzu-
kulu kaLevi indodana ka-Isra-
yeli, okungukuthi, uSherebiya[e]
namadodana akhe nabafowa-
bo, amadoda angu-18; **19** no-
Hashabiya ekanye noJeshaya
ovela kumaMerari,[f] abafowa-
bo namadodana abo, ama-
doda angu-20. **20** Kwakunezi-
khonzi zasethempelini* ezingu-
220, lezo uDavide nezikhulu
abazinikela enkonzweni yama-
Levi, zonke zibhaliswe ngama-
gama.

ISAHL. 8
*a* Ezr 7:7
*b* 1Kr 6:3, 4
*c* Eks 6:23
*d* Ezr 2:1, 6
*e* Ezr 2:1, 8; Ezr 10:27, 44
*f* Ezr 2:1, 15
*g* Ezr 2:1, 7
*h* Ezr 2:1, 4
*i* Ezr 2:1, 11; Ezr 10:28, 44
*j* Ezr 2:1, 12

Uhla 2
*a* Neh 7:6, 18
*b* Ezr 2:1, 14
*c* Ezr 8:31
*d* Num 3:20
*e* Ezr 8:24, 25
*f* 1Kr 6:16

**7:28** *NgesiHebheru, “izinhloko.”

**8:17** *Noma, “amaNethini.” NgesiHebheru, “abanikelwe.” **8:20** *Noma, “KwakunamaNethini.” NgesiHebheru, “Kwakunabanikelwe.”

**21** Ngemva kwalokho ngamemezela ukuzila ukudla khona emfuleni i-Ahava, ukuba sizithobe phambi kukaNkulunkulu wethu, sifune isiqondiso kuye ohambweni lwethu, avikele thina, izingane zethu kanye nayo yonke impahla yethu.
**22** Nganginamahloni okucela amasosha enkosini nabagibeli bamahhashi ukuze basivikele ezitheni endleleni, ngoba sasithe enkosini: "Isandla esihle sikaNkulunkulu wethu siphezu kwabo bonke abamfunayo,[a] kodwa amandla akhe nolaka lwakhe kumelene nabo bonke abamshiyayo."[b] **23** Ngakho sazila ukudla, senza isicelo kuNkulunkulu wethu ngokuphathelene nalokhu, futhi wakulalela ukunxusa kwethu.[c]

**24** Ngahlukanisa abangu-12 ezinduneni zabapristi, okungukuthi uSherebiya, uHashabiya,[d] kanye nabayishumi kubafowabo. **25** Ngabe sengibakalela isiliva negolide nezinto ezazizosetshenziswa, umnikelo inkosi nabeluleki bayo nezikhulu zayo nawo wonke ama-Israyeli ayekhona abawenzela indlu kaNkulunkulu wethu.[e]
**26** Ngakho ngabakalela esandleni sabo amathalenta* esiliva angu-650, izinto zesiliva ezingu-100 ezingabiza amathalenta amabili, amathalenta egolide angu-100, **27** izitsha ezincane zegolide ezingu-20 ezingabiza amadarike* angu-1 000 nezinto ezimbili zethusi elisezingeni eliphezulu, elibomvu ngokukhazimulayo, elifiseleka njengegolide.

**8:26** *Ithalenta lalilingana no-34,2 kg. Bheka iSithasiselo B14. **8:27** *Idarike kwakuwuhlamvu lwegolide lwasePheresiya. Bheka iSithasiselo B14.

ISAHL. 8
a 2Kr 16:9 Ezr 7:6 Ezr 7:28 Zak 4:6
b 2Kr 15:2
c 2Kr 7:14 Jer 29:10, 12 Jer 50:4, 5
d Ezr 8:18, 19
e Ezr 7:14-16 Ezr 7:19

Uhla 2
a Lev 21:6-8 Isay 52:11
b Ezr 7:19 Ezr 8:33
c Ezr 8:15, 21
d Est 3:7
e Ezr 7:8
f Ezr 7:19 Ezr 8:29
g Neh 3:4, 21
h Neh 8:7
i Neh 12:1, 8
j Lev 1:3
k Lev 1:10
l Lev 22:18, 19
m Ezr 7:17

**28** Ngabe sengithi kubo: "Ningcwele kuJehova,[a] nalezi zinto zingcwele, isiliva negolide lingumnikelo wokuzithandela onikwe uJehova uNkulunkulu wokhokho benu. **29** Kuqaphisiseni kuze kube yilapho nikukala phambi kwezinduna zabapristi namaLevi nezikhulu zemindeni yoyise bakwa-Israyeli eJerusalema,[b] emagunjini* endlu kaJehova." **30** Abapristi namaLevi bathatha isiliva negolide nezinto ababekalelwe zona, ukuze bakuyise eJerusalema endlini kaNkulunkulu wethu.

**31** Ekugcineni sasuka emfuleni i-Ahava[c] ngosuku luka-12 lwenyanga yokuqala[d] sesiya eJerusalema, isandla sikaNkulunkulu wethu sasiphezu kwethu, wasisindisa esandleni sesitha nakubahlaseli endleleni.
**32** Ngakho safika eJerusalema[e] sahlala khona izinsuku ezintathu. **33** Ngosuku lwesine salikala isiliva negolide nezinye izinto endlini kaNkulunkulu wethu[f] sakunika uMeremoti[g] indodana ka-Urija umpristi, wayekanye no-Eleyazare indodana kaFinehasi, kanye nabo kukhona amaLevi uJozabhadi[h] indodana kaJeshuwa no-Nowadiya indodana kaBhinuyi.[i] **34** Konke kwabalwa kwakalwa, sonke isisindo sabhalwa phansi. **35** Labo abaphuma ekuthunjweni, ababekade bedingisiwe, baletha imihlatshelo eshiswayo kuNkulunkulu ka-Israyeli, izinkunzi ezingu-12[j] zawo wonke u-Israyeli, izinqama ezingu-96,[k] amawundlu angamaduna angu-77 nezimpongo ezingu-12[l] kwaba umnikelo wesono; konke lokhu kwakungumnikelo oshiswayo oya kuJehova.[m]

**8:29** *Noma, "emahholo okudlela."

**36** Sabe sesinika ababusi bezifundazwe* benkosi[a] nababusi bangaPhesheya Komfula imithetho yenkosi,[b] basekela abantu nendlu kaNkulunkulu weqiniso.[c]

**9** Ngokushesha nje lapho lezi zinto sezenziwe, izikhulu zeza kimi, zathi: “Abantu bakwa-Israyeli nabapristi nama-Levi abazihlukanisanga nabantu bamazwe nemikhuba yabo enengekayo,[d] abantu abangamaKhanani, amaHeti, amaPherizi, amaJebusi, ama-Amoni, abakwaMowabi, abaseGibhithe[e] nama-Amori.[f] **2** Bazithathele amanye amadodakazi abo aba abafazi babo bathathela namadodana abo abafazi.[g] Manje bona, beyinzalo* engcwele,[h] bahlangene nabantu bakula mazwe.[i] Izikhulu nababusi abangamaphini yibo abahamba phambili kulokhu kungathembeki.”

**3** Kwathi nje lapho ngizwa le nto, ngaklebhula ingubo yami nejazi lami elingenamikhono, ngahluthula izinwele ekhanda lami ngadoncula nentshebe yami, ngahlala phansi ngishaqekile. **4** Wonke umuntu owayehlonipha* amazwi kaNkulunkulu ka-Israyeli weza wangizungeza ngenxa yokungathembeki kwabantu abadingisiwe, ngesikhathi ngihlezi ngishaqekile kwaze kwaba yisikhathi somnikelo wokudla okusanhlamvu wakusihlwa.[j]

**5** Ngesikhathi somnikelo wokudla okusanhlamvu wakusihlwa[k] ngasukuma ngilulazekile, ingubo yami nejazi lami elingenamikhono kuklebhukile, ngaguqa ngamadolo ngelulela izandla zami kuJehova uNkulunkulu wami. **6** Ngase ngithi: “O Nkulunkulu wami, ngizizwa nginamahloni futhi ngiphoxekile. Angicabangi ukuthi ngiyakufanelekela ukuthandaza kuwe Nkulunkulu wami, ngoba iziphambeko zethu zandile phezu kwamakhanda ethu necala lethu likhule laze lafika emazulwini.[a] **7** Kusukela ezinsukwini zokhokho bethu kuze kube namuhla besilokhu sinecala elikhulu;[b] ngenxa yeziphambeko zethu, thina, amakhosi ethu nabapristi bethu siye sanikelwa esandleni samakhosi akula mazwe, sanikelwa enkembeni,[c] sathunjwa,[d] saphangwa,[e] sahlaziswa, njengoba kunjalo namuhla.[f] **8** Kodwa manje ngomzuzwana nje, kufike umusa ovela kuJehova uNkulunkulu wethu ngokuvumela abasele ukuba baphunyuke nangokusinika indawo evikelekile* endaweni yakhe engcwele,[g] ukuze enze amehlo ethu akhanye, O Nkulunkulu wethu, nokuba asiphumuze ebugqileni bethu. **9** Ngoba nakuba siyizigqila,[h] uNkulunkulu wethu akasishiyanga ebugqileni bethu; kodwa uye wasibonisa uthando oluqotho phambi kwamakhosi asePheresiya,[i] ukuze asiphumuze ngenjongo yokuvusa indlu kaNkulunkulu wethu[j] nokubuyisela izindawo zayo ezenziwe incithakalo nokuba asinike udonga lwamatshe* kwaJuda naseJerusalema.

**10** “Kodwa manje yini esingayisho ngemva kwalokhu Nkulunkulu wethu? Ngoba siyishiyile imiyalo yakho **11** owasinika yona ngezinceku zakho

ISAHL. 8
a Ezr 7:21
b Gen 15:18
c Ezr 6:13

ISAHL. 9
d Lev 20:23; Dut 12:29, 30
e Lev 18:3
f Gen 15:16
g Eks 34:15, 16; Ezr 10:44
h Eks 19:5, 6
i Neh 13:1, 3
j Eks 29:41
k Num 28:4, 5

Uhla 2
a Dan 9:7
b Num 32:14; 2Kr 29:6
c 2Kh 10:32; 2Kr 36:17
d 2Kh 17:22, 23; 2Kh 25:6, 7
e 2Kh 17:20
f Neh 9:32
g Neh 9:31; Hu 138:7
h Neh 9:36, 37
i Ezr 1:1-3
j Ezr 6:14; Zak 4:9

**8:36** *Yisiqu esisho “abavikeli bombuso,” kuleli vesi sibhekisela kubabusi bezifundazwe eMbusweni WasePheresiya. **9:2** *NgesiHebheru, “beyimbewu.” **9:4** *NgesiHebheru, “owayethuthumela ngenxa.”

**9:8** *NgesiHebheru, “isikhonkwane.” **9:9** *Noma, “udonga lwesivikelo.”

abaprofethi, uthi: 'Izwe eninge-
na kulo ukuba nilithathe liyi-
zwe elingcolile ngenxa yoku-
ngcola kwezizwe zala mazwe,
ngenxa yemikhuba yazo ene-
ngekayo eziyigcwalise kusuke-
la komunye umkhawulo kuya
komunye ngokungcola kwazo.[a]
**12** Ngakho amadodakazi enu
ningawaniki amadodana azo,
namadodakazi azo ningawatha-
theli amadodana enu;[b] akumele
nanini nifune ukuthula noku-
chuma kwazo,[c] ukuze nibe na-
mandla nidle ubuhle bezwe fu-
thi nilithathele amadodana enu
kuze kube phakade.' **13** Nge-
mva kwakho konke okusehle-
le ngenxa yezenzo zethu ezi-
mbi necala lethu elikhulu—ngo-
ba wena, O Nkulunkulu wethu,
awusebenzelananga nathi ngo-
kwesiphambeko sethu,[d] futhi
uvumele abanye kithi ukuba
baphunyuke[e]— **14** ingabe ku-
fanele siphinde siphule imiya-
lo yakho sakhe ubuhlobo bom-
shado* nezizwe ezenza lezi zi-
nto ezinengekayo?[f] Ngeke yini
usithukuthelele kakhulu ka-
ngangokuba uze usiqothule si-
phele, kungasali muntu ophu-
nyukile noma osindile? **15** O
Jehova Nkulunkulu ka-Israye-
li, wena ulungile,[g] ngoba siphu-
nyukile sasinda kuze kube na-
muhla. Nakhu siphambi kwa-
kho sinecala, ngoba akunakwe-
nzeka ukuma phambi kwakho
ngenxa yalokhu."[h]

**10** Ngesikhathi u-Ezra etha-
ndaza[i] evuma nezo-
no, ekhala futhi ewe ngobu-
so phambi kwendlu kaNkulu-
nkulu weqiniso, isixuku esi-
khulu samadoda, abesifazane
nabantwana bakwa-Israyeli sa-
mzungeza, ngoba abantu babe-
khala kakhulu. **2** UShekaniya
indodana kaJehiyeli[j] wamado-
dana ka-Elamu[a] wathi ku-Ezra:
"Senze ngokungathembeki ku-
Nkulunkulu wethu ngokusha-
da* abesifazane bezinye izizwe
abavela kubantu bakula ma-
zwe.[b] Noma kunjalo, lisekhona
ithemba ngo-Israyeli. **3** Manje
masenze isivumelwano noNku-
lunkulu wethu[c] sokuxosha bo-
nke laba bafazi nenzalo yabo,
ngokuvumelana nesiqondiso si-
kaJehova nesalabo abahloni-
pha* umyalo kaNkulunkulu we-
thu.[d] Masenze ngokuvumelana
noMthetho. **4** Sukuma, ngoba
le ndaba isemahlombe akho,
thina sikanye nawe. Yiba nama-
ndla, uthathe isinyathelo."

**5** Ngemva kwalokho u-Ezra
wasukuma wafungisa izinduna
zabapristi, amaLevi nawo wo-
nke u-Israyeli ukuba benze
okwakushiwo.[e] Nangempela
bafunga. **6** U-Ezra wasukuma
phambi kwendlu kaNkulunku-
lu weqiniso waya egunjini* li-
kaJehohanani indodana ka-Eli-
yashibi. Nakuba aya lapho, aka-
dlanga lutho futhi akaphuza-
nga manzi, ngoba wayelila nge-
nxa yokungathembeki kwaba-
ntu abadingisiwe.[f]

**7** Babe sebememezela kulo
lonke elakwaJuda nelaseJeru-
salema ukuthi bonke ababeka-
de bedingisiwe baqoqane eJe-
rusalema; **8** futhi ngokuvu-
melana nesinqumo sezikhulu
namadoda amadala, noma uba-
ni ongazange afike phakathi
nezinsuku ezintathu uyotha-
thelwa zonke izimpahla zakhe,
axoshwe nasebandleni laba-
ntu ababedingisiwe.[g] **9** Nga-
kho wonke amadoda akwa-
Juda nawakwaBhenjamini aqo-
qana eJerusalema phakathi

ISAHL. 9
*a* Lev 18:24; Dut 12:30, 31; Dut 18:9-11
*b* Eks 23:32; Eks 34:15, 16; Dut 7:3, 4; Jos 23:12, 13
*c* Dut 23:3, 6
*d* Hu 103:8, 10; IsiL 3:22
*e* Hu 106:46
*f* Ezr 9:1; Neh 13:23
*g* Neh 9:33; Dan 9:7
*h* Hu 130:3; Hu 143:2

ISAHL. 10
*i* Ezr 9:5, 6
*j* Ezr 10:26, 44

Uhla 2
*a* Ezr 2:1, 7
*b* Ezr 9:2
*c* 2Kh 11:17; 2Kr 29:10; 2Kr 34:31
*d* Ezr 9:4
*e* Neh 10:28-30
*f* Ezr 9:3, 4; Dan 9:3-5
*g* Ezr 7:26

**9:14** *Noma, "siganiselane."

**10:2** *Noma, "ngokungenisa ezindlini zethu." **10:3** *NgesiHebheru, "abathuthumela ngenxa." **10:6** *Noma, "ehholo lokudlela."

nezinsuku ezintathu, okungu-
kuthi, ngenyanga ka-9 ngosuku
luka-20 lwenyanga. Bonke aba-
ntu babehleli endaweni evule-
kile yendlu kaNkulunkulu we-
qiniso, beqhaqhazela ngenxa
yale ndaba nangenxa yemvula
enamandla.
**10** U-Ezra umpristi wasuku-
ma wathi kubo: “Nenze ngoku-
ngathembeki ngokushada abe-
sifazane bezinye izizwe,[a] ngo-
kwenza kanjalo ninezele ecale-
ni lika-Israyeli. **11** Manje vu-
mani izono kuJehova uNkulu-
nkulu wokhokho benu nenze
intando yakhe. Zihlukaniseni
nezizwe zala mazwe nalaba ba-
fazi bezinye izizwe.”[b] **12** Lo-
nke ibandla laphendula nge-
zwi elikhulu lathi: “Kusemahlo-
mbe ethu ukuba senze njengo-
ba nje usho. **13** Nokho, kuna-
bantu abaningi futhi yinkathi
yemvula. Asikwazi ukuma nga-
phandle futhi le ndaba ngeke
ithathe usuku olulodwa noma
ezimbili, ngoba sidlubulunde
ngezinga elikhulu kule nda-
ba. **14** Ngakho, sicela izikhu-
lu zethu zimelele lonke iba-
ndla;[c] bonke labo abasemado-
lobheni akithi abashade abe-
sifazane bezinye izizwe mabe-
ze ngesikhathi esimisiwe kanye
namadoda amadala nabahluleli
bedolobha ngalinye, kuze kube
yilapho sesiyinqandile intuku-
thelo evuthayo kaNkulunkulu
wethu ngokuphathelene nale
ndaba.”
**15** Nokho, uJonathani indo-
dana ka-Asaheli noJahizeya
indodana kaThikiva bamelana
nalokhu, uMeshulami noSha-
bhethayi abangamaLevi[d] ba-
basekela. **16** Kodwa ababeka-
de bedingisiwe benza okwaku-
vunyelwane ngakho; u-Ezra
umpristi nezinhloko zeminde-
ni yoyise, bonke beshiwo nga-
magama, bahlangana ngosu-
ku lokuqala lwenyanga yeshu-
mi ukuze bahlole lolu daba;
**17** ngosuku lokuqala lwenya-
nga yokuqala baqeda ukuxazu-
lula udaba lwawo wonke ama-
doda ayeshade nabesifazane
bezinye izizwe. **18** Kwathola-
kala ukuthi abanye emadoda-
neni abapristi babeshade abe-
sifazane bezinye izizwe:[a] ema-
dodaneni kaJeshuwa[b] indoda-
na kaJehozadaki nabafowabo,
uMahaseya, u-Eliyezeri, uJaribi
noGedaliya. **19** Kodwa bathe-
mbisa ukuthi bazobaxosha aba-
fazi babo, futhi njengoba ba-
benecala, babezonikela inqa-
ma yomhlambi ngenxa yeca-
la labo.[c]
**20** Emadodaneni ka-Imeri[d]
kwakunoHanana noZebadiya;
**21** emadodaneni kaHarimi,[e]
uMahaseya, u-Eliya, uShemaya,
uJehiyeli no-Uziya; **22** ema-
dodaneni kaPhashuri,[f] u-Eliyo-
henayi, uMahaseya, u-Ishmaye-
li, uNethaneli, uJozabhadi no-
Eleyasa. **23** KumaLevi, kwa-
kunoJozabhadi, uShimeyi,
uKhelaya, (okungukuthi, uKhe-
litha), uPhethahiya, uJuda no-
Eliyezeri; **24** kubahlabeleli,
u-Eliyashibi; kubalindisango,
uShalumi, uThelemi no-Uri.
**25** Ku-Israyeli, emadodaneni
kaPharoshi,[g] kwakunoRamiya,
u-Iziya, uMalikhiya, uMijamini,
u-Eleyazare, uMalikhiya noBhe-
naya; **26** emadodaneni ka-Ela-
mu,[h] uMathaniya, uZakariya,
uJehiyeli,[i] u-Abhidi, uJeremoti
no-Eliya; **27** emadodaneni ka-
Zathu,[j] u-Eliyohenayi, u-Eliya-
shibi, uMathaniya, uJeremoti,
uZabhadi no-Aziza; **28** ema-
dodaneni kaBebayi,[k] uJehoha-
nani, uHananiya, uZabhayi no-
Atilayi; **29** emadodaneni ka-
Bhani, uMeshulami, uMaluki,

**ISAHL. 10**
*a* Neh 13:23
*b* Dut 7:3, 4; Neh 13:3; 2Ko 6:17
*c* Ezr 9:1
*d* Neh 8:7; Neh 11:16

**Uhla 2**
*a* Ezr 9:1, 2; Neh 13:28; Hez 44:22; Mal 2:7, 8
*b* Ezr 2:1, 2; Ezr 3:2; Zak 6:11
*c* Lev 5:17, 18
*d* 1Kr 24:3, 14; Ezr 2:1, 37
*e* 1Kr 24:3, 8; Ezr 2:1, 39
*f* Ezr 2:1, 38
*g* Ezr 2:1, 3; Neh 3:25
*h* Ezr 2:1, 7; Ezr 8:1, 7
*i* Ezr 10:2
*j* Ezr 2:1, 8
*k* Ezr 2:1, 11; Ezr 8:1, 11

u-Adaya, uJashubi, uSheyali
noJeremoti; **30** emadodaneni
kaPhahati-mowabi,[a] u-Adena,
uKhelali, uBhenaya, uMahase-
ya, uMathaniya, uBhezaleli,
uBhinuwi noManase; **31** ema-
dodaneni kaHarimi,[b] u-Eliyeze-
ri, u-Ishiya, uMalikhiya,[c] uShe-
maya, uShimeyoni, **32** uBhe-
njamini, uMaluki noShemari-
ya; **33** emadodaneni kaHa-
shumi,[d] uMathenayi, uMatha-
tha, uZabhadi, u-Elifeleti,
uJeremayi, uManase noShime-
yi; **34** emadodaneni kaBhani,
uMahadayi, u-Amramu, u-Uwe-
li, **35** uBhenaya, uBhedeya,
uKeluhi, **36** uVaniya, uMere-
moti, u-Eliyashibi, **37** uMatha-
niya, uMathenayi noJahasu;
**38** emadodaneni kaBhinuwi,
uShimeyi, **39** uShelemiya,
uNathani, u-Adaya, **40** uMa-
kenadebhayi, uShashayi, uSha-
rayi, **41** u-Azareli, uShelemi-
ya, uShemariya, **42** uShalu-
mi, u-Amariya noJosefa;
**43** emadodaneni aseNebo,
uJeheyeli, uMatithiya, uZabha-
di, uZebhina, uJadayi, uJowe-
li noBhenaya. **44** Bonke laba
babethathe abafazi bezinye izi-
zwe,[a] futhi babaxosha abafazi
babo nabantwana babo.[b]

**ISAHL. 10**
*a* Ezr 2:1, 6
*b* Ezr 2:1, 32
*c* Neh 3:11
*d* Ezr 2:1, 19 Neh 8:4

**Uhla 2**
*a* Dut 7:3, 4
*b* Ezr 10:16, 17

# UNEHEMIYA

UHLU LOKUPHAKATHI

1 Izindaba ezivela eJerusalema (1-3)
Umthandazo kaNehemiya (4-11)

2 UNehemiya uthunyelwa eJerusalema (1-10)
UNehemiya uhlola izindonga zedolobha (11-20)

3 Ukwakhiwa kabusha kwezindonga (1-32)

4 Umsebenzi uyaqhubeka naphezu kokuphikiswa (1-14)
Izisebenzi ziqhubeka nomsebenzi wokwakha zibe zihlomile (15-23)

5 UNehemiya unqanda ukuxhashazwa kwabantu (1-13)
UNehemiya wayengelona igovu (14-19)

6 Ukulwisana nomsebenzi wokwakha kabusha kuyaqhubeka (1-14)
Ukwakhiwa kodonga kuyaphela ngemva kwezinsuku ezingu-52 (15-19)

7 Amasango edolobha nabalindisango (1-4)
Uhlu lwababuya ekudingisweni (5-69)
Izikhonzi zasethempelini (46-56)
Amadodana ezinceku zikaSolomoni (57-60)
Kunikelelwa umsebenzi (70-73)

8 Kufundwa uMthetho bese uchazelwa abantu (1-12)
Kugujwa uMkhosi Wamadokodo (13-18)

9 Abantu bavuma izono zabo (1-38)
UJehova, uNkulunkulu othethelelayo (17)

10 Abantu bayavuma ukuthi bazowulandela uMthetho (1-39)
"Ngeke singayinaki indlu kaNkulunkulu wethu" (39)

11 Abantu baphinde bayahlala eJerusalema (1-36)

12 Abapristi namaLevi (1-26)
Ukunikezelwa kodonga (27-43)
Ukusekela inkonzo eyenziwa ethempelini (44-47)

13 Ezinye izinguquko ezenziwa uNehemiya (1-31)
Ukunikelwa kokweshumi (10-13)
ISabatha akufanele lingcoliswe (15-22)
Ukuganiselana nabezizwe kuyalahlwa (23-28)

1 Amazwi kaNehemiya*[a] indo-
dana kaHakaliya: Ngenyanga
kaKhisilevi,# ngonyaka ka-20,
ngangiseShushani△[b] esigodlwe-
ni.⊠ 2 Kwafika uHanana,[c] omu-
nye wabafowethu, ehamba na-
manye amadoda bevela kwaJu-
da. Ngababuza ngamaJuda aye-
sele, lawo ayesinde ekuthunjwe-
ni,[d] ngababuza nangeJerusale-
ma. 3 Bathi kimi: "Abantu aba-
buya ekuthunjweni futhi manje
abahlala esifundeni sakwaJuda,
basesimweni esidabukisayo na-
sehlazweni.[e] Izindonga zeJeru-
salema zibhidlikile,[f] namasango
alo ashiswe ngomlilo."[g]
4 Lapho nje ngizwa la mazwi,
ngahlala phansi ngakhala fu-
thi ngalila izinsuku eziningi,
ngangizila ukudla[h] futhi ngitha-
ndaza phambi kukaNkulunku-
lu wamazulu. 5 Ngathi: "Jeho-
va Nkulunkulu wamazulu, Nku-
lunkulu omkhulu nowesabeka-
yo, ogcina isivumelwano sa-
khe nobonisa uthando oluqo-
tho kulabo abamthandayo na-
bagcina imiyalo yakhe,[i] 6 ngi-
yacela, indlebe yakho mayilale-
le namehlo akho avuleke, uku-
ze ulalele umthandazo wence-
ku yakho engiwuthandaza kuwe
namuhla, ubusuku nemini,[j] ngo-
kuphathelene nezinceku zakho,
ama-Israyeli, njengoba ngivu-
ma izono zabantu bakwa-Israye-
li. Sonile, mina nendlu kababa.[k]
7 Senze inkohlakalo[l] ngokunga-
yigcini imiyalo yakho, iziqondi-
so nezahlulelo owazinika uMose
inceku yakho.[m]
8 "Ngicela ukhumbule izwi
owayala ngalo* inceku yakho
uMose, uthi: 'Uma ningase ni-
ngathembeki, ngiyonihlakazela
ezizweni.[a] 9 Kodwa uma nibu-
ya futhi nigcina imiyalo yami,
ngisho noma abantu bakini aba-
hlakazekile bengaba sekugcine-
ni komhlaba, ngiyobalanda[b] ngi-
babuyisele endaweni engiyikhe-
thele ukuba igama lami lihla-
le kuyo.'[c] 10 Bayizinceku za-
kho nabantu bakho, owabakhu-
lula ngamandla akho amakhu-
lu nangesandla sakho esina-
mandla.[d] 11 Jehova, ngiyace-
la, indlebe yakho mayilalele um-
thandazo wenceku yakho nom-
thandazo wezinceku zakho eze-
saba igama lakho; ngicela usize
inceku yakho iphumelele namu-
hla futhi kwangathi inkosi inga-
ngibonisa umusa."[e]

Mina ngangingumphathinde-
be wenkosi.[f]

2 Ngenyanga kaNisani,# ngo-
nyaka ka-20[g] weNkosi u-Ari-
tahishashita,[h] kwakubekwe
iwayini phambi kwenkosi, fu-
thi njengokujwayelekile ngali-
thatha ngayinika lona.[i] Ko-
dwa ngangingakaze ngibhoco-
bale phambi kwayo. 2 Nga-
kho inkosi yathi kimi: "Kunga-
ni ubhocobele ube ungaguli?
Lokhu kumane kusho ukukha-
thazeka kwenhliziyo." Ngethu-
ka kakhulu lapho isho lokho.
3 Ngathi enkosini: "Mana
njalo nkosi! Ngingahlala kanja-
ni ngingabhocobali lapho ido-
lobha lakithi, indawo oku-
ngcwatshwe kuyo okhokho
bami, liyincithakalo, namasa-
ngo alo eshiswe ngumlilo?"[j]
4 Inkosi yathi kimi: "Yini ofu-
na yenziwe?" Ngaso leso sikha-
thi ngathandaza kuNkulunkulu
wamazulu.[k] 5 Ngemva kwalo-
kho ngathi enkosini: "Uma
kukuhle enkosini futhi uma
ungayibonisa umusa inceku
yakho, ngicela ungivumele ngi-
ye kwaJuda, edolobheni oku-
ngcwatshwe kulo okhokho

---

**1:1** *Incazelo: "UJah Uyaduduza." **1:1; 2:1** #Bheka iSithasiselo B15. **1:1** △Noma, "ngangiseSusa." ⊠Noma, "enqabeni." **1:8** *Noma, "isixwayiso owasinika."

**ISAHL. 1**
a Neh 1:11, Neh 5:14, Neh 10:1
b Est 1:2, Est 3:15, Dan 8:2
c Neh 7:2
d Jer 52:30
e 1Kh 9:7, Neh 9:36, 37, Hu 79:4
f 2Kh 25:10
g Neh 2:17, IsiL 1:4
h 2Kr 20:3, Ezr 8:21
i Dut 7:9, Dan 9:4
j Hu 88:1, Luk 18:7
k 2Kr 29:6, Ezr 9:6
l Hu 106:6
m Lev 27:34, Num 36:13, Dut 12:1, Neh 9:34

**Uhla 2**
a Lev 26:33, Dut 4:27, Dut 28:64
b Dut 30:1-4
c Dut 12:5, Hu 132:13
d Lev 25:42, Dut 5:15, Dut 9:26, 29
e 1Kh 8:49, 50, Ezr 7:6, Hu 106:46, IzA 21:1
f Neh 2:1

**ISAHL. 2**
g Neh 1:1
h Ezr 7:1, Neh 13:6
i Neh 1:11
j Neh 1:2, 3
k 1Sa 1:13

bami, ukuze ngiyolakha kabu-
sha."[a] **6** Khona-ke inkosi, ku-
hlezi indlovukazi* eceleni kwa-
yo, yathi kimi: "Luzothatha isi-
khathi eside kangakanani uha-
mbo lwakho, uzobuya nini?"
Ngakho inkosi yangivumela
ukuba ngihambe[b] lapho ngiyi-
tshela isikhathi engizobuya
ngaso.[c]

**7** Ngabe sengithi enkosini:
"Uma kukuhle enkosini, mangi-
nikwe izincwadi eziya kubabu-
si abangaPhesheya Komfula,*[d]
ukuze bangivumele ngidlule
ngize ngifike kwaJuda, **8** ne-
ncwadi eya ku-Asafa umgcini
weHlathi Lasebukhosini,* uku-
ze anginike izingodo zokwa-
kha amasango eSakhiwo Esiqi-
nile[e] esincikene neThempeli ne-
zokwakha izindonga zokubiyela
idolobha[f] kanye nendlu engizo-
hlala kuyo." Ngakho inkosi ya-
nginika zona,[g] ngoba uNkulu-
nkulu wami wayenami.#[h]

**9** Ekugcineni ngafika kuba-
busi bangaPhesheya Komfu-
la ngabanika izincwadi ezivela
enkosini. Ngaphezu kwalokho,
inkosi yayala izinduna zebutho
lempi nabagibeli bamahhashi
ukuba bahambe nami. **10** La-
pho uSanibhalati[i] umHoroni
noThobiya[j] isikhulu* esingum-
Amoni[k] bezwa ngakho, bacasu-
ka kakhulu ngokuthi kwakuno-
muntu ozokwenzela ama-Isra-
yeli into enhle.

**11** Ekugcineni ngafika eJe-
rusalema, ngahlala khona izi-
nsuku ezintathu. **12** Ngavuka
ebusuku, mina kanye nedla-
nzana lamadoda, futhi angiku-
tshelanga muntu lokho uNkulu-
nkulu wami ayekufake enhlizi-
yweni yami ukuba ngikwe-
nzele iJerusalema, futhi angi-
thathanga silwane ngaphandle
kwembongolo engangiyigibele.
**13** Ngaphuma ngeSango Lesi-
godi[a] ebusuku, ngadlula pha-
mbi koMthombo Wenyoka
Enkulu ngaya eSangweni Lezi-
ndunduma Zomlotha[b] futhi
ngahlola izindonga zeJerusale-
ma ezazibhidlikile namasango
alo ayedliwe umlilo.[c] **14** Nga-
dlula ngaya eSangweni Lesi-
phethu[d] naseChibini Lenkosi,
yayingekho indawo okwaku-
ngadlula kuyo imbongolo enga-
ngiyigibele. **15** Ngakho nga-
qhubeka ngenyuka ngomho-
sha*[e] ebusuku, ngilokhu ngi-
hlola udonga, ngemva kwalo-
kho ngabuyela ekhaya ngange-
na ngeSango Lesigodi.

**16** Izinduna[f] zazingazi uku-
thi ngiyephi nokuthi ngenza-
ni, ngoba ngangingakawa-
tsheli lutho amaJuda, aba-
pristi, izicukuthwane, izindu-
na nazo zonke ezinye izi-
sebenzi. **17** Ekugcineni nga-
thi kubo: "Niyalubona usizi esi-
bhekene nalo; iJerusalema liyi-
ncithakalo namasango alo ashi-
swe ngomlilo. Wozani sakhe
kabusha izindonga zeJerusa-
lema, ukuze sisuse leli hla-
zo." **18** Ngabatshela ngendle-
la uNkulunkulu wami angise-
kela ngayo*[g] nangalokho inko-
si eyakusho kimi.[h] Bathi: "Masi-
sukumeni sakhe." Ngakho baqi-
nisana# ukuze benze lo msebe-
nzi omuhle.[i]

**19** Manje lapho uSanibhala-
ti umHoroni, uThobiya[j] isikhu-
lu* esingumAmoni[k] noGeshemi

ISAHL. 2
*a* Dan 9:25
*b* Neh 1:11
*c* Neh 5:14; Neh 13:6
*d* Jos 1:4; Ezr 5:3
*e* Neh 7:2
*f* Neh 1:3
*g* Ezr 7:21
*h* Ezr 7:6
*i* Neh 4:1; Neh 6:2
*j* Neh 2:19; Neh 4:3; Neh 6:14; Neh 13:7
*k* Neh 13:1

**Uhla 2**
*a* 2Kr 26:9
*b* Neh 3:13
*c* Neh 1:3; IsiL 1:4; IsiL 2:9
*d* Neh 3:15; Neh 12:37
*e* 2Sa 15:23; Joh 18:1
*f* Neh 4:14
*g* Ezr 7:6, 28; Neh 2:7, 8
*h* Dan 9:25
*i* Hag 1:14
*j* Neh 6:14
*k* Neh 13:1, 2

**2:6** *Noma, "inkosikazi." **2:7** *Noma, "abangaPhesheya Kwe-Ewufrathe." **2:8** *Noma, "wehlathi lenkosi." #NgesiHebheru, "isandla esihle sikaNkulunkulu wami sasiphezu kwami." **2:10, 19** *NgesiHebheru, "inceku."

**2:15** *Noma, "ngomfudlana." **2:18** *NgesiHebheru, "ngendlela isandla esihle sikaNkulunkulu wami esasiphezu kwami ngayo." #NgesiHebheru, "baqinisa izandla zabo."

wase-Arabhiya[a] bezwa ngalo-
khu, basihleka usulu[b] futhi ba-
sidelela bathi: "Nizama ukwe-
nzani? Ingabe nivukela inko-
si?"[c] **20** Ngabaphendula nga-
thi: "UNkulunkulu wamazulu
nguye ozosisiza siphumelele,[d]
futhi thina zinceku zakhe sizo-
sukuma sakhe; kodwa nina ani-
nangxenye, nasabelo nalutho
eniyokhunjulwa ngalo* eJeru-
salema."[e]

**3** U-Eliyashibi[f] umpristi opha-
keme nabafowabo abanga-
bapristi baqala ukwakha
iSango Lezimvu.[g] Balingcwe-
lisa*[h] bafaka iminyango yalo;
balingcwelisa baze bayofika
eMbhoshongweni KaMeya[i] na-
seMbhoshongweni KaHanane-
li.[j] **2** Eceleni kwabo kwakwa-
kha amadoda aseJeriko;[k] ece-
leni kwawo kwakwakha uZaku-
ri indodana ka-Imri.

**3** Amadodana kaHasenawa
akha iSango Lezinhlanzi;[l] alifa-
ka izingodo,[m] ayeselifaka imi-
nyango, imishudo nemigoqo.*
**4** Eceleni kwawo kwakulungi-
sa uMeremoti[n] indodana ka-
Urija indodana kaHakozi, ece-
leni kwakhe kwakulungisa
uMeshulami[o] indodana kaBhe-
rekiya indodana kaMeshezabe-
li; eceleni kwakhe kwakulungi-
sa uZadoki indodana kaBha-
na. **5** Eceleni kwakhe kwaku-
lungisa abaseThekhowa,[p] ko-
dwa amadoda avelele phakathi
kwabo awazange azithobe uku-
ze asebenze ngaphansi kwala-
bo ababewaphethe.

**6** UJoyada indodana kaPha-
seya noMeshulamu indodana
kaBesodeya balungisa iSango
Ledolobha Elidala;[q] balifaka izi-
ngodo base belifaka iminyango,
imishudo nemigoqo. **7** Ecele-
ni kwabo kwakulungisa uMela-
thiya waseGibheyoni[a] noJadoni
umMeronoti namadoda aseGi-
bheyoni nawaseMispa[b] ayephe-
thwe umbusi ongaPhesheya
Komfula.*[c] **8** Eceleni kwabo
kwakulungisa u-Uziyeli indo-
dana kaHarihaya, omunye wa-
basebenza ngegolide, eceleni
kwakhe kwakulungisa uHana-
niya, omunye wabathaki bama-
futha okugcoba;* bakhonka#
imigwaqo yeJerusalema kwaze
kwayofika oDongeni Olubanzi.[d]
**9** Eceleni kwabo kwakulungisa
uRefaya indodana kaHuri, isi-
khulu esasiphethe ingxenye ye-
Jerusalema. **10** Eceleni kwa-
khe uJedaya indodana kaHaru-
mafi wayelungisa phambi kwe-
ndlu yakhe, eceleni kwakhe
kwakulungisa uHathushi indo-
dana kaHashabhineya.

**11** UMalikhiya indodana ka-
Harimi[e] noHashubi indodana
kaPhahati-mowabi[f] balungisa
enye ingxenye* kanye noMbho-
shongo Wohhavini.[g] **12** Ecele-
ni kwabo kwakulungisa uSha-
lumi indodana kaHaloheshi, isi-
khulu esasiphethe ingxenye ye-
Jerusalema, ekanye namado-
dakazi akhe.

**13** UHanuni nezakhamuzi
zaseZanowa[h] balungisa iSa-
ngo Lesigodi;[i] balakha bafa-
ka iminyango, imishudo ne-
migoqo, base belungisa udo-
nga indawo eyibanga elinga-
mamitha angu-445* kuze ku-
yofika eSangweni Lezindundu-
ma Zomlotha.[j] **14** UMalikhi-
ya indodana kaRekabi, isikhu-
lu sesifunda saseBheti-hakere-
mi,[k] walungisa iSango Lezindu-

**2:20** *Noma, "nasabelo nalungelo." **3:1** *Noma, "Balinikela kuNkulunkulu." **3:3** *Izingodo noma izinsimbi zokuvala.

**3:7** *Noma, "ongaPhesheya Kwe-Ewufrathe." **3:8** *Noma, "wabathaki bamakha." #Noma, "bakhonka ngamatshe ayizicaba." **3:11** *Noma, "ingxenye ababeyabelwe." **3:13** *Izingalo ezingu-1 000. Bheka iSithasiselo B14.

ISAHL. 2
a Neh 4:7; Neh 6:1, 2
b Hu 79:4
c Neh 6:6
d Hu 127:1
e Ezr 4:1-3

ISAHL. 3
f Neh 12:10; Neh 13:4, 28
g Joh 5:2
h Neh 12:30
i Neh 12:38, 39
j Jer 31:38; Zak 14:10
k Ezr 2:1, 34
l 2Kr 33:1, 14; Zef 1:10
m Neh 2:7, 8
n Ezr 8:33; Neh 3:21
o Neh 3:30; Neh 6:17, 18
p Neh 3:27; Amo 1:1
q Neh 12:38, 39

Uhla 2
a 2Sa 21:2
b Jos 18:21, 26; 2Kr 16:6; Jer 40:6
c Gen 15:18
d Neh 12:38
e Ezr 2:1, 32
f Ezr 2:1, 6
g Neh 12:38
h Jos 15:20, 34; Neh 11:25, 30
i 2Kr 26:9
j Neh 2:13
k Jer 6:1

nduma Zomlotha; walakha wa-
faka iminyango yalo, imishudo
nemigoqo.
**15** UShaluni indodana ka-
Kholihoze, isikhulu sesifunda
saseMispa,[a] walungisa iSango
Lesiphethu;[b] walakha, walifu-
lela, wafaka iminyango yalo,
imishudo nemigoqo, walungi-
sa nodonga lweChibi[c] Lomse-
le oluseduze kweNgadi Yenko-
si[d] kwaze kwayofika eZitebhi-
sini[e] ezehla zisuka eDolobheni
LikaDavide.[f]
**16** Eduze kwakhe uNehemi-
ya indodana ka-Azibuki, isi-
khulu sohhafu wesifunda sase-
Bheti-zuri,[g] walungisa ukusuka
ngaphambi kwamaThuna Ka-
Davide[h] kwaze kwayofika echi-
bini[i] lokwenziwa naseNdlini Ya-
banamandla.
**17** Eduze kwakhe kwakulu-
ngisa amaLevi: uRehumi indo-
dana kaBhani; eceleni kwakhe
kwakulungisa uHashabiya, isi-
khulu sohhafu wesifunda sase-
Kheyila,[j] elungisela isifunda sa-
khe. **18** Eduze kwakhe kwa-
kulungisa abafowabo: uBavayi
indodana kaHenadadi, isikhu-
lu sohhafu wesifunda saseKhe-
yila.
**19** Eceleni kwakhe u-Eze-
ri indodana kaJeshuwa,[k] isi-
khulu saseMispa, wayelungi-
sa enye ingxenye engaphambi
kwendlela enyukela eNqoloba-
neni Yezikhali eseNsikeni.[l]
**20** Eduze kwakhe uBharuki
indodana kaZabhayi[m] wasebe-
nza ngokuzimisela walungisa
enye ingxenye, ukusuka eNsi-
keni kuze kuyofika emnyango
wendlu ka-Eliyashibi[n] umpristi
ophakeme.
**21** Eduze kwakhe uMeremo-
ti[o] indodana ka-Urija indoda-
na kaHakozi walungisa enye
ingxenye, ukusuka emnyango
wendlu ka-Eliyashibi kuze ku-
yofika lapho kuphela khona
indlu ka-Eliyashibi.
**22** Eduze kwakhe kwaku-
lungisa abapristi, amadoda
asesifundeni saseJordani.*[a]
**23** Eduze kwabo uBhenjamini
noHashubi babelungisa ngapha-
mbi kwendlu yabo. Eduze kwa-
bo u-Azariya indodana kaMaha-
seya indodana ka-Ananiya wa-
yelungisa eduze kwendlu ya-
khe. **24** Eduze kwakhe uBinu-
wi indodana kaHenadadi waye-
lungisa enye ingxenye, ukusuka
endlini ka-Azariya kuze kuyofi-
ka eNsikeni[b] nasekhoneni.
**25** Eduze kwakhe uPhala-
li indodana ka-Uzayi wayelu-
ngisa phambi kweNsika napha-
mbi kombhoshongo oxhumene
neNdlu Yenkosi,*[c] lona onge-
nhla ongoweGceke Labaqa-
phi.[d] Eduze kwakhe kwaku-
noPhedaya indodana kaPharo-
shi.[e]
**26** Izikhonzi zasethempeli-
ni*[f] ezazihlala e-Ofeli[g] zalungi-
sa zaze zayofika ngaphambi
kweSango Lamanzi[h] elisempu-
malanga nasembhoshongweni
ophumela ngaphandle kodo-
nga.
**27** Eduze kwazo abaseThe-
khowa[i] balungisa enye ingxe-
nye, ukusuka ngaphambi kom-
bhoshongo omkhulu ophumela
ngaphandle kodonga kuze ku-
yofika odongeni lwase-Ofeli.
**28** Abapristi babelungisa
ngenhla kweSango Lamahha-
shi,[j] ngamunye phambi kwe-
ndlu yakhe.
**29** Eduze kwabo uZadoki[k]
indodana ka-Imeri wayelungisa
phambi kwendlu yakhe.
Eduze kwakhe kwakulu-
ngisa uShemaya indodana

ISAHL. 3
a Jos 18:21, 26
b Neh 2:14; Neh 12:37
c Isay 22:9
d Jer 39:4
e Neh 12:37
f 2Sa 5:7
g Jos 15:20, 58; 2Kr 11:5-7
h 1Kh 2:10; 2Kr 16:13, 14
i Neh 2:14
j Jos 15:20, 44
k Ezr 2:1, 40
l 2Kr 26:9; Neh 3:24
m Ezr 10:28, 44
n Neh 3:1; Neh 13:4
o Ezr 8:33

Uhla 2
a Gen 13:10
b Neh 3:19
c 2Sa 5:11; Neh 12:37
d Jer 37:21
e Ezr 2:1, 3
f Jos 9:3, 27; 1Kr 9:2; Ezr 2:43-54; Ezr 8:17, 20
g 2Kr 27:1, 3; 2Kr 33:1, 14; Neh 11:21
h Neh 8:1; Neh 12:37
i Neh 3:5
j Jer 31:40
k Neh 13:13

**3:22** *Noma kungaba, "amadoda asesifundeni esiseduze." **3:25** *Noma, "neSigodlo." **3:26** *Noma, "AmaNethini." NgesiHebheru, "Abanikelwe."

kaShekaniya, umqaphi weSa-
ngo Lasempumalanga.[a]
**30** Eduze kwakhe uHanani-
ya indodana kaShelemiya
noHanuni indodana yesithu-
pha kaZalafi babelungisa enye
ingxenye.
Eduze kwabo uMeshulami[b]
indodana kaBherekiya wayelu-
ngisa ngaphambi kwehholo la-
khe.
**31** Eduze kwakhe uMalikhi-
ya, ilungu lenhlangano yaba-
sebenza ngegolide, walungisa
waze wayofika endlini yezikho-
nzi zasethempelini*[c] neyaba-
thengisi phambi kweSango Lo-
kuhlola waze wayofika nasegu-
njini eliphezulu ekhoneni.
**32** Abasebenza ngegolide
nabathengisi babelungisa inda-
wo ephakathi kwegumbi eli-
phezulu ekhoneni neSango Le-
zimvu.[d]

**4** Kwathi nje lapho uSanibha-
lati[e] ezwa ukuthi silwakha
kabusha udonga, wathukuthe-
la kakhulu. Wayelokhu ewenza
inhlekisa amaJuda. **2** Epha-
mbi kwabafowabo nebutho la-
seSamariya, wathi: “Enzani
la maJuda antekenteke? Azo-
kwazi yini ukwenza lo mse-
benzi? Ingabe azokwenza imi-
hlatshelo futhi azoqeda ngosu-
ku olulodwa? Ingabe azokwa-
zi ukuphinde asebenzise la ma-
tshe akulezi zinqwaba zemfu-
cumfucu?”[f]
**3** UThobiya[g] umAmoni,[h]
owayemi eceleni kwakhe, wa-
thi: “Ngisho noma kungakhu-
phuka impungushe kule nto
abayakhayo, ingalubhidliza lolu
donga lwabo lwamatshe.”
**4** O Nkulunkulu wethu, yi-
zwa, ngoba siyadelelwa,[i] ye-
nza indelelo yabo ibuyele phe-
zu kwamakhanda abo,[j] ubanike-
le ezitheni zabo futhi ube-
nze babe yizithunjwa kweli-
nye izwe. **5** Ungalimbozi icala
labo, nesono sabo masingasu-
lwa phambi kwakho,[a] ngoba ba-
delele abakhi.
**6** Ngakho saqhubeka sakha
udonga, lonke udonga lwahla-
nganiswa futhi lwakhushulwa
lwaze lwaba uhhafu, abantu
baqhubeka besebenza ngokuzi-
misela.*
**7** Kwathi nje lapho uSani-
bhalati, uThobiya,[b] abase-Ara-
bhiya,[c] ama-Amoni nama-Ashi-
dodi[d] bezwa ukuthi ukulungi-
swa kwezindonga zeJerusale-
ma kuqhubekela phambili no-
kuthi izikhala ziyavalwa, ba-
thukuthela kakhulu. **8** Bahla-
ngana bakha uzungu loku-
ba beze bazokulwa neJerusale-
ma futhi baphazamise. **9** Ko-
dwa sathandaza kuNkulunkulu
wethu, sahlala simise unogada
ukuba aqaphe ubusuku nemini.
**10** Nokho, abantu bakwaJu-
da babethi: “Izisebenzi* sezi-
khathele futhi kunemfucumfu-
cu eningi; ngeke sikwazi ukwa-
kha udonga.”
**11** Izitha zethu nazo zazilo-
khu zithi: “Sizobafikela benga-
zelele sibabulale, siwumise lo
msebenzi.”
**12** Noma nini lapho amaJu-
da ayakhelene nazo efika, aye-
thi kithi ngokuphindaphindi-
we:* “Bazosithelekela beqha-
muka nhlangothi zonke.”
**13** Ngakho ngamisa amado-
da ngezansi esikhaleni esinge-
mva kodonga ezindaweni ezi-
chayeke engozini, ngawamisa
ngokwemindeni yawo ephethe
izinkemba, imikhonto nemici-
bisholo yawo. **14** Lapho ngi-

ISAHL. 3
a 1Kr 9:17, 18
b Neh 6:17, 18
c Neh 3:26
d Neh 3:1; Joh 5:2

ISAHL. 4
e Neh 2:10; Neh 6:1, 2; Neh 13:28
f Neh 4:10
g Neh 2:19
h Neh 13:1, 2
i Hu 123:3
j Hu 79:12

Uhla 2
a Jer 18:23
b Neh 4:3
c Neh 2:19
d Jos 13:2, 3; Neh 13:23

3:31 *Noma, “yamaNethini.” NgesiHebheru, “yabanikelwe.”

4:6 *Noma, “ngenhliziyo ephelele.”
4:10 *Noma, “abathwali bemithwalo.”
4:12 *NgesiHebheru, “izikhathi eziyishumi.”

bona ukuthi ayesaba, ngasukuma ngokushesha ngathi ezikhulwini[a] nasezinduneni nakubo bonke abantu: “Ningabesabi.[b] Cabangani ngoJehova omkhulu nowesabekayo;[c] nilwele abafowenu, amadodana namadodakazi enu, omkenu nemizi yenu.”

**15** Kwathi lapho izitha zethu sezizwile ukuthi sesiyazi ngecebo lazo nokuthi uNkulunkulu weqiniso wayelibhuntshisile, sonke sabuyela odongeni sayosebenza. **16** Kusukela ngalolo suku kuqhubeke, ingxenye yamadoda yayisebenza,[d] enye ingxenye iphethe imikhonto, amahawu, imicibisholo namajazi ensimbi. Izikhulu[e] zazimi ngemva kwabo bonke abantu bendlu kaJuda **17** ababakha udonga zibasekela. Labo ababethwele imithwalo babesebenza ngesandla esisodwa, ngesinye bephethe isikhali.* **18** Ngamunye wabakhi wayebhince inkemba yakhe okhalweni kuyilapho akha, owayezoshaya uphondo[f] wayemi eceleni kwami.

**19** Ngabe sengithi ezikhulwini nasezinduneni nakubo bonke abanye abantu: “Umsebenzi mkhulu nendawo ibanzi, futhi sigqagqene kakhulu odongeni. **20** Lapho nizwa ukukhala kophondo, nize nizoqoqana lapho ngikhona. UNkulunkulu wethu uzosilwela.”[g]

**21** Ngakho saqhubeka sisebenza kuyilapho enye ingxenye yamadoda iphethe imikhonto, kusukela ekuntweleni kokusa kuze kube sekuphumeni kwezinkanyezi. **22** Ngaleso sikhathi ngathi kubantu: “Amadoda nezinceku zawo mawaqhubeke engaphakathi eJerusalema ebusuku, azosiqapha ebusuku bese esebenza emini.” **23** Ngakho mina nabafowethu nezikhonzi zami[a] namadoda angonogada ayengilandela, asizikhumulanga nhlobo izingubo zethu futhi ngamunye wethu wayephethe isikhali ngesandla sakhe sokudla.

**5** Nokho, kwaba khona isikhalo esikhulu sivela emadodeni nakubafazi bawo bekhala ngabafowabo abangamaJuda.[b] **2** Abanye babethi: “Thina namadodana ethu namadodakazi ethu sibaningi. Kumele sithole ukudla okusanhlamvu ukuze sidle siqhubeke siphila.” **3** Abanye bethi: “Sinikela ngamasimu ethu nangamasimu amagilebhisi nangezindlu zethu njengesibambiso ukuze sithole ukudla okusanhlamvu ngesikhathi sendlala.” **4** Kukhona nababethi: “Siboleke imali ukuze sikhokhe intela yenkosi, sabambisa ngamasimu ethu nangamasimu ethu amagilebhisi.[c] **5** Siyinyama negazi elilodwa nabafowethu,* izingane zethu ziyefana nezingane zabo; nokho kufanele sinikele ngamadodana ethu nangamadodakazi ethu ebugqileni futhi amanye amadodakazi ethu aseyizigqila[d] kakade. Manje asinamandla okukunqanda lokhu ngoba amasimu ethu namasimu ethu amagilebhisi sekungokwabanye.”

**6** Ngathukuthela kakhulu lapho ngizwa isikhalo sabo nala mazwi. **7** Ngakho ngacabanga ngalezi zinto enhliziyweni yami, futhi ngazisola izikhulu nababusi abangamasekela, ngathi kubo: “Yilowo nalowo ufuna inzalo* kumfowabo.”[e]

ISAHL. 4
a Neh 13:17
b Num 14:9; Dut 20:3; Jos 1:9
c Dut 7:21; Dut 10:17
d Neh 5:16
e Neh 11:1
f Num 10:9; 2Kr 13:12
g Dut 1:30; Jos 23:10

Uhla 2
a Neh 13:19

ISAHL. 5
b Dut 15:9
c Dut 28:15, 33; Neh 9:36, 37
d Eks 21:7; Dut 15:12
e Eks 22:25; Dut 23:19; Hu 15:5; Hez 22:12

4:17 *Noma, “umcibisholo.”

5:5 *NgesiHebheru, “Inyama yethu iyafana nenyama yabafowethu.” 5:7 *Noma, “inzalo eyeqile.”

Ngaphezu kwalokho, ngahle-
la umhlangano omkhulu ukuze
kulungiswe le ndaba. **8** Nga-
thi kubo: "Senze konke oku-
semandleni ethu ukuze sithe-
nge abafowethu abangamaJu-
da ababethengiselwe ezizweni,
sababuyisa; manje ingabe nina
sekufanele nithengise ngabafo-
wenu,[a] bese thina siphinde si-
bathenge kini?" Kulokhu aba-
shongo lutho, baswela amazwi.
**9** Ngabe sengithi: "Le nto eni-
yenzayo ayiyinhle. Akufanele
yini nihambe ngezindlela zika-
Nkulunkulu* wethu[b] ukuze izi-
zwe, izitha zethu zingasihla-
mbalazi? **10** Ngaphezu kwalo-
kho, mina nabafowethu nezi-
khonzi zami siyababoleka ima-
li nokudla okusanhlamvu nga-
phandle kwenzalo. Ngiyanice-
la, masiyeke ukubolekisa bese
sifuna inzalo.[c] **11** Ngicela ni-
babuyisele amasimu abo,[d] ama-
simu abo amagilebhisi, amasi-
mu abo omnqumo nezindlu
zabo khona namuhla. Babuyi-
seleni nenzalo* yemali, eyoku-
dla okusanhlamvu, eyewayini
elisha neyamafutha ebeniyitha-
the kubo."

**12** Baphendula bathi: "Sizo-
babuyisela lezi zinto futhi nge-
ke sibakhokhise lutho. Sizo-
kwenza njengoba nje usho."
Ngakho ngabiza abapristi nga-
be sengifungisa lawo madoda
ukuba agcine isithembiso
sawo. **13** Ngathintitha ama-
phakethe ezingubo zami* nga-
se ngithi: "Kwangathi uNku-
lunkulu weqiniso angabathinti-
tha ngale ndlela ezindlini zabo
nasempahleni yabo bonke aba-
ntu abangasigcini lesi sithembi-
so; futhi kwangathi bangathi-
ntithwa ngale ndlela basale be-
ngenalutho." Lonke ibandla la-
thi: "Amen!"* Ladumisa uJeho-
va futhi abantu benza ngokwe-
sithembiso sabo.

**14** Ngaphezu kwalokho, ku-
sukela ngosuku inkosi eyangi-
misa ngalo ukuba ngibe ngu-
mbusi[a] wabo ezweni lakwaJu-
da, kusukela ngonyaka ka-20[b]
kuya onyakeni ka-32[c] weNko-
si u-Aritahishashita,[d] iminya-
ka engu-12, mina nabafowethu
asizange sikudle ukudla okufa-
nele kudliwe umbusi.[e] **15** Ko-
dwa ababusi ababengaphambi
kwami babebagqilazile aba-
ntu, bethatha kubo amasheke-
li* esiliva angu-40 esinkwa ne-
wayini nsuku zonke. Nezikho-
nzi zabo zazibacindezela aba-
ntu. Kodwa mina angikwenza-
nga lokho[f] ngenxa yokwesaba
uNkulunkulu.[g]

**16** Ngaphezu kwalokho, nga-
faka isandla emsebenzini wo-
kwakha udonga futhi asizitho-
lelanga nsimu;[h] zonke izikhonzi
zami zazibuthene lapho ukuze
zisebenze. **17** KwakunamaJu-
da nezinduna, amadoda angu-
150, ababedla etafuleni lami,
kanye nalabo ababeza kithi be-
vela ezizweni. **18** Nsuku zo-
nke ngangilungiselwa* inku-
nzi eyodwa, izimvu eziyisithu-
pha zekhethelo nezinyoni, bese
kuthi njalo ngemva kwezinsu-
ku eziyishumi sibe newayini eli-
ningi lazo zonke izinhlobo. Na-
phezu kwakho konke lokhu
angizange ngikufune ukudla
okufanele kudliwe umbusi, nge-
nxa yokuthi kakade abantu ba-
bethwele kanzima. **19** O Nku-
lunkulu wami, ngikhumbule,

---

**5:9** *NgesiHebheru, "ngokwesaba uNkulunkulu." **5:11** *NgesiHebheru, "okwekhulu," okusho inzalo eyiphesenti elilodwa ngenyanga. **5:13** *NgesiHebheru, "ngathintitha isifuba sami."

**5:13** *Noma, "Makube njalo!" **5:15** *Ishekeli lalingu-11,5 g. Bheka iSithasiselo B14. **5:18** *Noma, "ngangikhokha izindleko ukuze kulungiswe."

ISAHL. 5
*a* Lev 25:35; Dut 15:7, 8; Jer 34:8, 9
*b* Lev 25:36; Neh 5:15
*c* Hez 18:5, 8
*d* Neh 5:3

Uhla 2
*a* Neh 10:1
*b* Neh 2:1
*c* Neh 13:6
*d* Ezr 8:1
*e* 1Ko 9:14, 15; 2Th 3:8
*f* 2Ko 11:9; 2Ko 12:14
*g* Neh 5:9
*h* IzE 20:33; 2Ko 12:17

ungibusise* ngenxa yakho ko-
nke engikwenzele lesi sizwe.[a]

6 Kwathi nje lapho uSani-
bhalati, uThobiya,[b] uGeshe-
mi wase-Arabhiya[c] nazo zo-
nke ezinye izitha zethu betshe-
lwa ukuthi ngangilwakhe ka-
busha udonga[d] nokuthi zase
zivalwe zonke izikhala (naku-
ba kuze kube yileso sikha-
thi ngangingakayifaki iminya-
ngo emasangweni),[e] 2 ngoku-
shesha uSanibhalati noGeshe-
mi bangithumelela lo myalezo:
“Woza, asibeke isikhathi esi-
zohlangana ngaso emizini ese-
Thafeni* Lase-Ono.”[f] Kodwa
babengakhela uzungu. 3 Nga-
kho ngathumela izithunywa
kubo, ngathi: “Kunomsebe-
nzi omkhulu engiwenzayo, nge-
ke ngikwazi ukuza. Uma ngiza
kini umsebenzi uzoma.” 4 Ba-
ngithumelela umyalezo ofana-
yo izikhathi ezine, nami nga-
ngilokhu ngibanika impendulo
efanayo.

5 USanibhalati wabe esengi-
thumelela isikhonzi sakhe no-
myalezo ofanayo okwesihla-
nu, siphethe incwadi evule-
kile. 6 Kuyo kwakulotshwe lo-
khu: “Kuzwakele phakathi kwe-
zizwe, noGeshemi[g] uyasho, uku-
thi wena namaJuda niceba uku-
vukela umbuso.[h] Yingakho na-
kha lolo donga; futhi ngokwa-
le mibiko, uwena ozoba yinko-
si yawo. 7 Umise ngisho na-
baprofethi ukuba bamemezele
ngawe kulo lonke iJerusalema,
bathi, ‘Kukhona inkosi kwaJu-
da!’ Manje inkosi izozizwa lezi
zindaba. Ngakho woza siboni-
sane ngale ndaba.”

8 Nokho, ngamthumelela le
mpendulo: “Azenzekanga zonke
lezi zinto ozishoyo; zisungulwe
nguwe engqondweni* yakho.”
9 Ngoba bonke babezama uku-
sesabisa, bethi: “Izandla zabo
zizophela amandla futhi umse-
benzi ngeke bawuqede.”[a] Ma-
nje ngithandazela ukuba uqini-
se izandla zami.[b]

10 Ngaya endlini kaShema-
ya indodana kaDelaya indo-
dana kaMehetabeli ngesikha-
thi evalelekile. Wathi: “Masibe-
ke isikhathi esizohlangana nga-
so endlini kaNkulunkulu we-
qiniso, ngaphakathi ethempeli-
ni, sivale iminyango yethe-
mpeli, ngoba bayeza bazo-
kubulala. Bazofika ebusuku
bakubulale.” 11 Kodwa nga-
thi: “Ingabe umuntu osesikhu-
ndleni engikuso kufanele aba-
leke? Umuntu onjengami anga-
ngena yini ethempelini fu-
thi aqhubeke ephila?[c] Ngeke
ngingene!” 12 Ngabe sengi-
bona ukuthi wayengathunywa-
nga uNkulunkulu, kodwa waye-
qashwe uThobiya noSanibhala-
ti[d] ukuba asho lesi siprofetho
esimelene nami. 13 Wayeqa-
shelwe ukuba angesabise futhi
angenze ngone, ukuze bathole
isizathu sokonakalisa idumela
lami bese bengihlambalaza.

14 Nkulunkulu wami, bakhu-
mbule oThobiya[e] noSanibhala-
ti, ukhumbule nezenzo zabo ka-
nye noNowadiya umprofethika-
zi nabo bonke abanye abapro-
fethi abebelokhu bezama uku-
ngesabisa.

15 Ekugcineni udonga lwa-
phela ngomhla ka-25 ku-Eluli,*
ngemva kwezinsuku ezingu-52.

16 Kwathi nje lapho zo-
nke izitha zethu zizwa
ngakho, nazo zonke izizwe
ezingomakhelwane zikubona,
zaphoxeka kakhulu,*[f] zabona

ISAHL. 5
a Neh 13:14; Hu 18:24; Isay 38:3; Mal 3:16

ISAHL. 6
b Neh 2:10; Neh 4:3
c Neh 2:19; Neh 4:7
d Dan 9:25
e Neh 3:1, 3
f 1Kr 8:12; Neh 11:31, 35
g Neh 2:19
h Ezr 4:14, 15

Uhla 2
a Ezr 4:4
b Hu 68:35; Hu 138:3; Isay 41:10
c Num 1:51; Num 18:7; 2Kr 26:18, 19
d Neh 2:10
e Neh 4:3, 4
f Neh 4:7; Hu 129:5

5:19 *Noma, “ungenzele okuhle.” 6:2 *NgesiHebheru, “yeThafa Elisesigodini.”

6:8 *NgesiHebheru, “enhliziyweni.” 6:15 *Bheka iSithasiselo B15. 6:16 *NgesiHebheru, “zehla kakhulu emehlweni azo.”

ukuthi lo msebenzi wenziwe
ngosizo lukaNkulunkulu we-
thu. **17** Ngalezo zinsuku, izi-
khulu[a] zakwaJuda zazithume-
la izincwadi eziningi kuThobi-
ya, noThobiya wayeziphendula.
**18** Abaningi kwaJuda babefu-
ngile ukuthi bazomsekela ngo-
ba wayengumkhwenyana ka-
Shekaniya, indodana ka-Ara,[b]
futhi indodana yakhe, uJehoha-
nani, yayishade nendodakazi ka-
Meshulami[c] indodana kaBhere-
kiya. **19** Babelokhu bengitshe-
la izinto ezinhle ngaye bese
bembikela lokho engangikusho.
UThobiya wayebe esengithume-
lela izincwadi zokungesabisa.[d]

**7** Ngokushesha nje lapho udo-
nga selwakhiwe kabusha,[e]
ngafaka iminyango;[f] ngabe se-
ngibeka abalindisango,[g] abacu-
li[h] namaLevi.[i] **2** Ngemva kwa-
lokho ngabeka uHanana[j] umfo-
wethu ukuba aphathe eJerusa-
lema, kanye noHananiya indu-
na yeSakhiwo Esiqinile,[k] ngoba
wayeyindoda ethembekile ne-
yesaba uNkulunkulu weqiniso[l]
ngaphezu kwabanye abaningi.
**3** Ngakho ngathi kubo: "Ama-
sango eJerusalema akufanele
avulwe lize lishise ilanga, fu-
thi njengoba begadile kufane-
le bayivale iminyango bayishu-
de. Bekani izakhamuzi zaseJe-
rusalema zibe onogada, yilowo
nalowo endaweni yakhe yoku-
qapha naphambi kwendlu ya-
khe." **4** Idolobha lalibanzi fu-
thi lilikhulu, kunabantu aba-
mbalwa kulo,[m] nemizi yayinga-
kakhiwa kabusha.

**5** Kodwa uNkulunkulu wami
wakufaka enhliziyweni yami
ukuba ngiqoqele ndawonye izi-
khulu nababusi abangamase-
kela nabantu ukuze babhali-
swe ngokohlu lozalo.[n] Khona-
ke ngathola incwadi yohlu loza-
lo okwakubhaliswe kuyo labo
abakhuphuka ekuqaleni, futhi
kuyo ngathola kulotshwe uku-
thi:

**6** Yilaba abantu besifunda-
zwe* abakhuphuka, ababethu-
njiwe base bedingiswa, labo
uNebukhadinezari[a] inkosi ya-
seBhabhiloni ayebadingisile,[b]
okwathi kamuva babuyela eJe-
rusalema nakwaJuda, yilowo
nalowo edolobheni lakubo,[c]
**7** labo abafika noZerubhabhe-
le,[d] uJeshuwa,[e] uNehemiya,
u-Azariya, uRahamiya, uNaha-
mane, uMoridekayi, uBilishani,
uMisipereti, uBhigivayi, uNehu-
mi noBhahana.

Inani lamadoda akwa-Isra-
yeli lalihlanganisa:[f] **8** amado-
dana kaPharoshi, angu-2 172;
**9** amadodana kaShefathiya,
angu-372; **10** amadodana ka-
Ara,[g] angu-652; **11** amadoda-
na kaPhahati-mowabi,[h] emado-
daneni kaJeshuwa noJowabe,[i]
angu-2 818; **12** amadodana ka-
Elamu,[j] angu-1 254; **13** amado-
dana kaZathu, angu-845;
**14** amadodana kaZakayi, angu-
760; **15** amadodana kaBhinu-
wi, angu-648; **16** amadodana
kaBebayi, angu-628; **17** ama-
dodana ka-Azigadi, angu-2 322;
**18** amadodana ka-Adonikamu,
angu-667; **19** amadodana ka-
Bhigivayi, angu-2 067; **20** ama-
dodana ka-Adini, angu-655;
**21** amadodana ka-Atheri aye-
yinzalo kaHezekiya angu-
98; **22** amadodana kaHashu-
mi, angu-328; **23** amadodana
kaBhezayi, angu-324; **24** ama-
dodana kaHarifi, angu-112;
**25** amadodana aseGibheyoni,[k]
angu-95; **26** amadoda ase-
Bhetlehema naseNethofa,
angu-188; **27** amadoda ase-
Anathoti,[l] angu-128; **28** ama-
doda aseBheti-azimaveti, angu-
42; **29** amadoda aseKiriya-

**ISAHL. 6**
*a* Neh 5:7
*b* Ezr 2:1, 5
*c* Neh 3:4
*d* Neh 6:9
Neh 6:10, 13

**ISAHL. 7**
*e* Neh 2:17
Neh 6:15
Dan 9:25
*f* Neh 3:1, 6, 13
*g* 1Kr 26:1
Ezr 2:1, 42
*h* 1Kr 9:33
Ezr 2:1, 41
*i* Ezr 3:8
*j* Neh 1:2
*k* Neh 2:8
*l* Neh 5:15
*m* Neh 11:1
*n* 1Kr 9:1
Ezr 2:59, 62

**Uhla 2**
*a* 2Kh 25:1
Dan 3:1
*b* 2Kh 24:12, 14
2Kr 36:17, 20
Jer 39:9
Jer 52:15, 28
*c* Ezr 2:1
*d* Ezr 1:8, 11
Zak 4:9
Mat 1:12
*e* Ezr 3:8
Ezr 5:2
Hag 1:14
Zak 3:1
*f* Ezr 2:2-35
*g* Neh 6:17, 18
*h* Ezr 10:30, 44
*i* Ezr 8:1, 9
*j* Ezr 10:26, 44
*k* Jos 11:19
2Sa 21:2
Neh 3:7
*l* Jos 21:8, 18
Jer 1:1

**7:6** *Noma, "besifunda sombuso."

ti-jeyarimi, eKhefira[a] nase-
Bheroti,[b] angu-743; **30** amado-
da aseRama naseGeba,[c] angu-
621; **31** amadoda aseMikima-
si,[d] angu-122; **32** amadoda ase-
Bhethele[e] nase-Ayi,[f] angu-123;
**33** amadoda akwelinye iNebo,
angu-52; **34** amadodana omu-
nye u-Elamu, angu-1 254;
**35** amadodana kaHarimi, angu-
320; **36** amadodana aseJeriko,
angu-345; **37** amadodana ase-
Lodi, eHadidi nase-Ono,[g] angu-
721; **38** amadodana aseSena,
angu-3 930.

**39** Abapristi:[h] amadodana
kaJedaya wendlu kaJeshu-
wa, angu-973; **40** amadodana
ka-Imeri, angu-1 052; **41** ama-
dodana kaPhashuri,[i] angu-
1 247; **42** amadodana kaHari-
mi,[j] angu-1 017.

**43** AmaLevi:[k] amadodana ka-
Jeshuwa, endlini kaKhadimi-
yeli,[l] emadodaneni kaHode-
va, angu-74. **44** Abaculi:[m] ama-
dodana ka-Asafa,[n] angu-148.
**45** Abalindisango:[o] amadodana
kaShalumi, amadodana ka-Athe-
ri, amadodana kaThalimoni,
amadodana ka-Akhubi,[p] amado-
dana kaHathita, amadodana ka-
Shobayi, angu-138.

**46** Izikhonzi zasethempeli-
ni:*[q] amadodana kaZiha, ama-
dodana kaHasufa, amadoda-
na kaThabawoti, **47** amado-
dana kaKherosi, amadodana
kaSiya, amadodana kaPhado-
ni, **48** amadodana kaLebana,
amadodana kaHagaba, ama-
dodana kaSalimayi, **49** ama-
dodana kaHanani, amadoda-
na kaGideli, amadodana kaGa-
hari, **50** amadodana kaRewa-
ya, amadodana kaRezini, ama-
dodana kaNekhoda, **51** ama-
dodana kaGazamu, amadoda-
na ka-Uziza, amadodana ka-
Phaseya, **52** amadodana ka-
Besayi, amadodana amaMe-
yuni, amadodana kaNefushesi-
mi, **53** amadodana kaBakibu-
ki, amadodana kaHakufa, ama-
dodana kaHarihuri, **54** ama-
dodana kaBhazilithi, amadoda-
na kaMehida, amadodana ka-
Harisha, **55** amadodana ka-
Barikhosi, amadodana kaSi-
sera, amadodana kaThema,
**56** amadodana kaNeziya, ama-
dodana kaHathifa.

**57** Amadodana ezinceku zi-
kaSolomoni:[a] amadodana ka-
Sothayi, amadodana kaSofe-
reti, amadodana kaPherida,
**58** amadodana kaJahala, ama-
dodana kaDarikoni, amado-
dana kaGideli, **59** amadodana
kaShefathiya, amadodana ka-
Hathili, amadodana kaPhoke-
reti-hazebhayimi, amadodana
ka-Amoni. **60** Sebebonke, izi-
khonzi zasethempelini*[b] nama-
dodana ezinceku zikaSolomo-
ni, babengu-392.

**61** Laba bakhuphuka besu-
ka eTheli-mela, eTheli-harisha,
eKherubi, e-Adoni nase-Imeri,
kodwa abakwazanga ukuqini-
sekisa uzalo lwabo nemvelaphi
yabo, ukuthi babengama-Isra-
yeli yini noma cha:[c] **62** ama-
dodana kaDelaya, amadodana
kaThobiya, amadodana kaNe-
khoda, angu-642. **63** Kubapri-
sti: amadodana kaHabaya,
amadodana kaHakozi,[d] amado-
dana kaBharizilayi,[e] owathatha
umfazi emadodakazini kaBha-
rizilayi waseGileyadi wayesebi-
zwa ngegama lawo. **64** Laba
bazibheka izincwadi zabo zo-
mlando ukuze bathole uhlu
lwabo lozalo, kodwa azithola-
kalanga, ngakho benqatshe-
lwa ukuba babe abapristi.*[f]

ISAHL. 7
*a* 1Sa 7:2
*b* Jos 18:25, 28
*c* Jos 18:21, 24
*d* 1Sa 13:5
*e* 1Kh 12:32
*f* Jos 7:2
*g* Neh 6:2; Neh 11:31, 35
*h* Ezr 2:36-39
*i* Ezr 10:22, 44
*j* 1Kr 24:3, 8
*k* Ezr 2:40
*l* Ezr 3:9
*m* 1Kr 25:7; Ezr 2:41
*n* 1Kr 6:31, 39
*o* Ezr 2:42; Neh 7:1
*p* 1Kr 9:2, 17; Neh 11:19; Neh 12:25
*q* Jos 9:3, 27; 1Kr 9:2; Ezr 2:43-54; Ezr 2:58

Uhla 2
*a* Ezr 2:55-58; Neh 11:3
*b* Jos 9:3, 27; Neh 3:26
*c* Ezr 2:59-63
*d* 1Kr 24:3, 10; Neh 3:21
*e* 2Sa 17:27-29; 2Sa 19:31; 1Kh 2:7
*f* Num 18:7

**7:46** *Noma, “AmaNethini.” NgesiHebheru, “Abanikelwe.”

**7:60** *Noma, “amaNethini.” NgesiHebheru, “abanikelwe.” **7:64** *Noma, “abafakwanga ebupristini ngoba babebhekwa njengabangcolile.”

**65** Undunankulu*[a] wabatshela
ukuthi akufanele bazidle izinto
ezingcwelengcwele[b] kuze kube
yilapho kuba khona umpristi
ozobuza nge-Urimi neThu-
mimi.[c]
**66** Selilonke ibandla kwa-
kungabantu abangu-42 360,[d]
**67** ngaphandle kwezigqila ne-
zigqilakazi[e] zabo ezazingu-
7 337; kwakukhona nabaculi be-
silisa nabesifazane[f] abangu-
245. **68** Amahhashi abo aye-
ngu-736, iminyuzi yabo ingu-
245, **69** amakamela abo engu-
435, izimbongolo zabo zingu-
6 720.
**70** Ezinye izinhloko zezindlu
zoyise zanikelela umsebenzi.[g]
Undunankulu* wafaka amadra-
kma# egolide angu-1 000, izi-
tsha ezingu-50 nezembatho za-
bapristi[h] ezingu-530 engcebwe-
ni. **71** Ezinye izinhloko zemi-
ndeni zanikela engcebweni yo-
kwenza umsebenzi amadra-
kma egolide angu-20 000 nomi-
na* besiliva abangu-2 200.
**72** Bonke abanye abantu bani-
kela amadrakma egolide angu-
20 000 nomina besiliva abangu-
2 000 kanye nezembatho zaba-
pristi ezingu-67.
**73** Abapristi, amaLevi, aba-
lindisango, abaculi,[i] abanye ku-
bantu, izikhonzi zasethempeli-
ni* nawo wonke u-Israyeli ba-
zinza emadolobheni akubo.[j] La-
pho kufika inyanga yesikho-
mbisa[a] ama-Israyeli ayesezinzi-
le emadolobheni awo.[b]

**8** Bonke abantu babuthana
ngobunye esigcawini esipha-
mbi kweSango Lamanzi,[c] ba-
tshela u-Ezra[d] umkopishi* uku-
ba alethe incwadi yoMthetho
KaMose,[e] uJehova ayeyale nga-
wo u-Israyeli.[f] **2** Ngakho ngo-
suku lokuqala lwenyanga yesi-
khombisa,[g] u-Ezra umpristi wa-
wuletha uMthetho phambi kwe-
bandla[h] lamadoda, abesifazane
kanye nabo bonke ababekwazi
ukuqonda lokho okwakushi-
wo. **3** Wawufunda ngokuzwa-
kalayo[i] emi esigcawini esipha-
mbi kweSango Lamanzi, kusu-
kela ekuntweleni kokusa kwa-
ze kwaba semini bebade, ewufu-
ndela amadoda, abesifazane ka-
nye nabo bonke ababekwazi
ukuqonda; abantu bayilalelisisa[j]
incwadi yoMthetho. **4** U-Ezra
umkopishi* wayemi endaweni
yesikhulumi eyenziwe ngepula-
ngwe yenzelwe leso senzakalo;
ngakwesokudla sakhe kwaku-
mi uMatithiya, uShema, u-Ana-
ya, u-Uriya, uHilikiya noMaha-
seya; kwesobunxele sakhe kumi
uPhedaya, uMishayeli, uMalikhi-
ya,[k] uHashumi, uHashi-badana,
uZakariya noMeshulamu.
**5** U-Ezra wavula incwadi
phambi kwawo wonke umuntu
ngoba wayesendaweni ephake-
me kunabo bonke abantu. Nje-
ngoba ayeyivula, bonke abantu
basukuma. **6** U-Ezra wabe
esedumisa uJehova uNkulu-
nkulu weqiniso oMkhulu, bo-
nke abantu bathi, "Amen!*
Amen!"[l] baphakamisa izandla
zabo. Ngemva kwalokho bagu-
qa phambi kukaJehova, bakho-
thama emhlabathini. **7** UJe-
shuwa, uBhani, uSherebiya,[m]
uJamini, u-Akhubi, uShabhe-

---

**7:65, 70** *Noma, "UThirishatha," isiqu sasePheresiya esisho undunankulu wesifundazwe. **7:70** #Ngokuvamile ahlotshaniswa nohlamvu lwemali oluyigolide lwasePheresiya olwaluyisisindo esingu-8,4 g. Akuwona amadrakma asemiBhalweni YesiGreki. Bheka iSithasiselo B14. **7:71** *Umina emiBhalweni YesiHebheru wawuyisisindo esingu-570 g. Bheka iSithasiselo B14. **7:73** *Noma, "amaNethini." NgesiHebheru, "abanikelwe."

**8:1, 4** *Noma, "umbhali." **8:6** *Noma, "Makube njalo!"

---

ISAHL. 7
a Neh 8:9; Neh 10:1
b Lev 2:3; Num 18:8, 9
c Eks 28:30; 1Sa 28:6
d Ezr 2:64-67
e Lev 25:44
f Eks 15:21; 1Sa 18:6
g Ezr 2:68, 69
h Lev 6:10
i Neh 7:1
j Neh 11:20

Uhla 2
a Lev 23:24, 27; 1Kh 8:2; Ezr 3:1
b Ezr 2:70

ISAHL. 8
c Neh 3:26; Neh 12:37
d Ezr 7:6
e Dut 31:9; Jos 1:8
f Lev 27:34
g Lev 23:24; 1Kh 8:2
h Dut 31:12; 2Kr 17:8, 9; Mal 2:7
i IzE 13:15; IzE 15:21
j IzE 16:14; IzE 17:11
k Neh 12:40, 42
l Dut 27:26
m Neh 9:4

thayi, uHodiya, uMahaseya, uKelitha, u-Azariya, uJozabhadi,[a] uHanani noPhelaya, ababengamaLevi, babechazela abantu uMthetho,[b] abantu bemile. **8** Baqhubeka beyifunda ngokuzwakalayo incwadi, uMthetho kaNkulunkulu weqiniso, bewuchaza kahle futhi bewucacisa; ngaleyo ndlela babasiza abantu ukuba bakuqonde lokho okwakufundwa.*[c]

**9** UNehemiya owayengundunankulu* ngaleso sikhathi, u-Ezra[d] umpristi nomkopishi# kanye namaLevi ayefundisa abantu, bathi kubo bonke abantu: "Lolu suku lungcwele kuJehova uNkulunkulu wenu.[e] Ningadabuki noma nikhale." Ngoba bonke abantu babekhala njengoba bezwa amazwi oMthetho. **10** UNehemiya wathi kubo: "Hambani nidle ukudla kwekhethelo* niphuze okumnandi, nithumele ukudla[f] nakulabo abangenalutho; ngoba lolu suku lungcwele eNkosini yethu, ningadangali, ngoba injabulo kaJehova iyisiphephelo senu."# **11** AmaLevi ayethulisa bonke abantu, ethi: "Thulani! ngoba lolu suku lungcwele, ningadangali." **12** Ngakho bonke abantu bahamba ukuze bayokudla, baphuze, baphane ukudla futhi bajabule kakhulu,[g] ngoba babewaqondile amazwi ababewatsheliwe.[h]

**13** Ngosuku lwesibili, izinhloko zemindeni yabo bonke abantu, abapristi kanye namaLevi, babuthana ndawonye ku-Ezra umkopishi* ukuze bawaqonde kabanzi amazwi oMthetho. **14** EMthethweni uJehova ayewunike uMose bathola kulotshwe ukuthi ama-Israyeli kufanele ahlale emadokodweni* ngomkhosi oba ngenyanga yesikhombisa,[a] **15** nokuthi kumele amemezele[b] futhi akhiphe isaziso kuwo wonke amadolobha awo nakulo lonke iJerusalema, athi: "Phumani niye ezintabeni niyokha amagatsha anamaqabunga* ezihlahleni zomnqumo, ezihlahleni zikaphayini, ezihlahleni zombomvana nezesundu kanye namagatsha anamaqabunga# ezinye izihlahla ukuze nenze amadokodo, ngokuvumelana nalokho okulotshiwe."

**16** Abantu baphuma bawalanda ukuze bazenzele amadokodo, yilowo nalowo phezu kophahla lwakhe, emagcekeni emizi yabo, emagcekeni endlu kaNkulunkulu weqiniso,[c] esigcawini seSango Lamanzi[d] nasesigcawini seSango Lika-Efrayimi.[e] **17** Kanjalo lonke ibandla lalabo ababebuyile bevela ekuthunjweni lenza amadokodo lahlala kuwo, ngoba ama-Israyeli ayengakaze akwenze lokhu kusukela ezinsukwini zikaJoshuwa[f] indodana kaNuni kuze kube yilolo suku, okwaletha injabulo enkulu.[g] **18** Usuku nosuku kwakufundwa incwadi yoMthetho kaNkulunkulu weqiniso,[h] kusukela ngosuku lokuqala kwaze kwaba usuku lokugcina. Bagubha umkhosi izinsuku eziyisikhombisa, kwathi ngosuku luka-8 kwaba nomhlangano onokuthula, njengoba kwakuyaliwe.[i]

---

**8:8** *Noma, "babekwenza kuqondwe lokho okwakufundwa." **8:9** *Noma, "owayeyiThirishatha," isiqu sasePheresiya esisho undunankulu wesifundazwe. #Noma, "nombhali." **8:10** *NgesiHebheru, "okunonileyo." #Noma, "ingamandla enu."

**8:13** *Noma, "umbhali." **8:14** *Noma, "emiphemeni yesikhashana." **8:15** *Noma, "amahlahla; amahlamvu." #Noma, "namahlahla; namahlamvu."

---

ISAHL. 8
a Ezr 8:33, Neh 11:16
b Dut 33:8, 10
c Luk 24:27, IzE 8:30, 31
d Ezr 7:11
e Lev 23:24
f Est 9:19
g Hu 126:1-3
h Neh 8:8

Uhla 2
a Lev 23:34, 42, Dut 16:13, 16, Joh 7:2
b Lev 23:4
c 1Kh 6:36, 1Kh 7:12, 2Kr 4:9, 2Kr 20:5
d Neh 3:26, Neh 8:1, 3
e 2Kh 14:13, Neh 12:38, 39
f Jos 1:1
g Dut 16:14, 15
h Dut 31:10-12
i Lev 23:34, 36

9 Ngosuku luka-24 lwenyanga
yesikhombisa ama-Israyeli
ahlangana; azila ukudla, amba-
tha indwangu yesaka azithela
nangenhlabathi.[a] 2 Labo aba-
beyinzalo ka-Israyeli babe sebe-
zihlukanisa nabo bonke abezi-
nye izizwe,[b] bama bavuma izo-
no zabo neziphambeko zoyise.[c]
3 Bemi endaweni ababekuyo
bafunda ngokuzwakalayo incwa-
di yoMthetho[d] kaJehova uNku-
lunkulu wabo amahora amatha-
thu;* ngamanye amahora ama-
thathu babevuma izono bekho-
thama kuJehova uNkulunkulu
wabo.
4 UJeshuwa, uBhani, uKha-
dimiyeli, uShebaniya, uBhuni,
uSherebiya,[e] uBhani noKhe-
nani bagibela esiteji[f] sama-
Levi bathandaza ngezwi eli-
khulu kuJehova uNkulunku-
lu wabo. 5 UJeshuwa, uKhadi-
miyeli, uBhani, uHashabhineya,
uSherebiya, uHodiya, uShebani-
ya noPhethahiya abangama-
Levi bathi: "Sukumani nidumi-
se uJehova uNkulunkulu wenu
kuze kube phakade.*[g] Mabadu-
mise igama lakho elikhazimula-
yo, okungekho kukhazinyuliswa
nakudunyiswa okuvela kubantu
okungalenela.
6 "Nguwe wedwa onguJe-
hova;[h] wenze amazulu, yebo izu-
lu lamazulu nakho konke oku-
kuwo,* umhlaba nakho ko-
nke okukuwo, izilwandle na-
kho konke okukuzo. Konke
ukugcina kuphila, nakho ko-
nke okusemazulwini# kukho-
thamela wena. 7 UnguJehova
uNkulunkulu weqiniso, owakhe-
tha u-Abrama[i] wabe usumkhi-
pha e-Uri[j] lamaKhaledi wametha
igama elithi Abrahama.[a] 8 Wa-
thola inhliziyo yakhe ithembeki-
le phambi kwakho,[b] ngakho we-
nza isivumelwano naye sokuni-
ka yena nenzalo*[c] yakhe izwe
lamaKhanani, elamaHeti, elama-
Amori, elamaPherizi, elamaJe-
busi nelamaGirigashi; futhi wa-
zigcina izithembiso zakho, ngo-
ba ulungile.
9 "Ngakho wakubona uku-
hlupheka kokhokho bethu eGi-
bhithe,[d] wakuzwa nokukhala
kwabo oLwandle Olubomvu.
10 Wenza izibonakaliso nezi-
mangaliso ukuze ujezise uFa-
ro nazo zonke izinceku zakhe
nabo bonke abantu bezwe la-
khe,[e] ngoba wawazi ukuthi ba-
bebahlukumezile abantu ba-
kho.[f] Wazenzela igama eliye la-
qhubeka likhona kuze kube na-
muhla.[g] 11 Wahlukanisa ulwa-
ndle phambi kwabo, banqamu-
la phakathi olwandle emhlaba-
thini owomile,[h] ababebajaha
wabajikijela ekujuleni njenge-
tshe lijikijelwa olwandle olugu-
bhayo.[i] 12 Wabahola ngensika
yefu emini, nangensika yomli-
lo ebusuku, ukuze ubakhanyi-
sele indlela okwakufanele baha-
mbe ngayo.[j] 13 Wehlela phe-
zu kweNtaba iSinayi[k] wakhulu-
ma nabo usezulwini[l] wabanika
izahlulelo zokulunga, imithetho
yeqiniso,* iziqondiso ezinhle ne-
miyalo.[m] 14 Wabafundisa uku-
gcina iSabatha lakho elingcwe-
le,[n] wabanika imiyalo, iziqondi-
so nomthetho usebenzisa ince-
ku yakho uMose. 15 Wabapha
isinkwa esivela ezulwini lapho
belambile,[o] wabakhiphela ama-
nzi edwaleni lapho bomile,[p] wa-
batshela ukuba bangene batha-
the izwe owawufungile* ukuthi
uzobanika lona.

**9:3** *Noma, "isikhathi esiyingxenye yesine yosuku." **9:5** *Noma, "kusukela phakade kuze kube phakade." **9:6** *NgesiHebheru, "nalo lonke ibutho lawo." #NgesiHebheru, "nalo lonke ibutho lamazulu."

**9:8** *NgesiHebheru, "nembewu." **9:13** *Noma, "imithetho ethembekile." **9:15** *NgesiHebheru, "owawuphakamise isandla sakho."

ISAHL. 9
a Jos 7:6; Jon 3:5, 6
b Ezr 9:1, 2; Neh 13:3
c Lev 26:40; Ezr 9:6; Hu 106:6; Dan 9:8
d Neh 8:3, 8
e Neh 8:7
f Neh 8:4
g Jer 33:10, 11
h Dut 6:4
i Gen 12:1, 2
j Gen 11:31

Uhla 2
a Gen 17:5
b Gen 22:10-12
c Gen 15:18
d Eks 2:23-25; Eks 3:7
e Eks 7:3; Dut 6:22
f Eks 5:2
g Eks 9:16
h Eks 14:21, 22
i Eks 15:1, 5, 10
j Eks 13:21; Eks 14:19, 20
k Eks 19:11
l Dut 4:10, 36
m Dut 4:8
n Eks 16:29; Eks 20:8-11; Dut 5:12-14
o Eks 16:4
p Eks 17:6

16 “Kodwa okhokho bethu
bagabadela[a] baba nenkani,*[b]
bengafuni ukulalela imiyalo ya-
kho. 17 Benqaba ukulalela,[c]
abazikhumbulanga izenzo za-
kho ezimangalisayo owazenza
phakathi kwabo, kodwa baba
nenkani,* bamisa umholi uku-
ze babuyele ebugqileni babo
eGibhithe.[d] Kodwa wena ungu-
Nkulunkulu ozimisele ukuthe-
thelela,# onozwela△ nonesihe,
owephuza ukuthukuthela no-
chichima uthando oluqotho⊠[e]
futhi awubalahlanga.[f] 18 Ngi-
sho nalapho sebezenzele isi-
thombe sensimbi* sethole, be-
thi, ‘Lona nguNkulunkulu we-
thu owasikhipha eGibhithe,’[g]
benza nezenzo ezinkulu zende-
lelo, 19 nalapho, ngesihe sa-
kho esikhulu awubashiyanga
ehlane.[h] Insika yefu ayibashiya-
nga emini ukuba ibahole endle-
leni, nensika yomlilo ebusu-
ku ukuba ibakhanyisele indle-
la okwakufanele bahambe nga-
yo.[i] 20 Wabanika umoya wa-
kho omuhle ukuze ubenze ba-
hlakaniphe,[j] futhi awuzange
ubagodlele imana lakho,[k] wa-
banika namanzi lapho bomile.[l]
21 Iminyaka engu-40 wabalu-
ngiselela ukudla ehlane.[m] Aba-
zange baswele lutho. Izingu-
bo zabo aziguganga,[n] nezinya-
wo zabo azivuvukalanga.

22 “Wabanika imibuso nezi-
zwe, wababela izindawo,[o] bali-
dla izwe likaSihoni[p] inkosi ya-
seHeshibhoni[q] nezwe lika-Ogi[r]
inkosi yaseBhashani. 23 Ama-
dodana abo wawenza aba mani-
ngi ngangezinkanyezi zamazu-
lu.[s] Wawaletha ezweni owawu-
thembise okhokho bawo ukuthi
bazongena balidle.[a] 24 Nga-
kho amadodana abo angena
alithatha izwe,[b] wena wanqo-
ba amaKhanani[c] ayehlala kulelo
zwe, wawanikela esandleni sa-
madodana abantu bakho ukuba
enze akuthandayo kuwo, wani-
kela amakhosi awo nabantu ba-
kulelo zwe. 25 Athatha ama-
dolobha anezivikelo eziqinile[d]
nezwe elivundile,*[e] athatha ne-
zindlu ezigcwele zonke izinhlo-
bo zezinto ezinhle, imithombo
eyase imbiwe, amasimu ama-
gilebhisi, izihlahla zeminqumo[f]
nezihlahla zezithelo eziningi.
Ngakho adla aneliseka futhi
akhuluphala, anethezeka ebu-
hleni bakho obukhulu.

26 “Nokho awalalelanga,
adlubulunda[g] awushiya uMthe-
tho wakho.* Abulala abaprofe-
thi bakho ababewaxwayisa uku-
ba abuyele kuwe, abonisa inde-
lelo enkulu.[h] 27 Ngenxa yalo-
khu wawanikela esandleni se-
zitha zawo,[i] ezazilokhu ziwaba-
ngela ukucindezeleka.[j] Kodwa
lapho esecindezelekile ayekha-
la kuwe, wena wawuzwa usema-
zulwini; ngenxa yesihe sakho
esikhulu wawuwanika abasindi-
si ukuze bawakhulule esandleni
sezitha zawo.[k]

28 “Kodwa ngokushesha nje
lapho esekhululekile, aye-
phinda futhi enze okubi
phambi kwakho,[l] wawube
usuwashiya esandleni sezi-
tha zawo ezaziwacindezela.*[m]
Khona-ke ayebuya acele usizo
kuwe,[n] wena uzwe usema-
zulwini bese uwakhulula ngoku-
phindaphindiwe ngenxa yesihe
sakho esikhulu.[o] 29 Nakuba
wawuwaxwayisa ukuze uwa-
buyisele eMthethweni wakho,

**ISAHL. 9**

*a* Num 14:44
*b* Dut 9:6
*c* Num 14:11, 41
*d* Num 14:1, 4
*e* Eks 34:6; Num 14:18
*f* Dut 4:31
*g* Eks 32:1, 4
*h* Num 14:19, 20
*i* Eks 40:38; Num 9:15
*j* Num 11:17, 25
*k* Eks 16:14, 15
*l* Num 20:8
*m* Eks 16:35; Num 14:33; Dut 2:7
*n* Dut 29:5
*o* Jos 11:23
*p* Num 21:23, 24; Dut 2:31
*q* Num 21:26
*r* Num 21:33, 35
*s* Gen 15:1, 5

**Uhla 2**

*a* Gen 12:7; Gen 26:3
*b* Num 14:29-31; Jos 21:43
*c* Jos 18:1
*d* Dut 3:4, 5
*e* Dut 8:7-9
*f* Jos 24:13
*g* Dut 31:20; Dut 32:15; Hlu 2:12
*h* 2Kh 21:11; Hu 106:38
*i* Hlu 2:14
*j* Dut 31:17
*k* Hlu 2:18; Hlu 3:9, 15; 1Sa 12:11; 2Kh 13:4, 5
*l* Hlu 2:19
*m* Hlu 4:1, 2; Hlu 6:1
*n* Hlu 6:6
*o* Hu 106:43-45

**9:16, 17** *NgesiHebheru, “baqinisa intamo yabo.” **9:17** #Noma, “unguNkulunkulu othethelelayo.” △Noma, “onomusa.” ⊠Noma, “umusa wothando.” **9:18** *Noma, “esenziwe ngokuncibilikisiwe.”

**9:25** *Noma, “elicebile.” **9:26** *NgesiHebheru, “awuphonsa emva kwawo uMthetho wakho.” **9:28** *Noma, “ezaziwanyathela.”

ayegabadela futhi awayilale-
langa imiyalo yakho;[a] ona ngo-
kungayigcini imithetho yakho,
okuthi uma umuntu eyigci-
na aphile.[b] Kodwa akufulathela
ngenkani, aqinisa amakhanda,*
awangalalela. **30** Wawabekeze-
lela[c] iminyaka eminingi futhi
waqhubeka uwaxwayisa ngomo-
ya wakho usebenzisa abaprofe-
thi bakho, kodwa awalalelanga.
Ekugcineni wawanikela esandle-
ni sabantu bezizwe.[d] **31** Nge-
nxa yesihe sakho esikhulu awu-
waqothulanga[e] noma uwashiye,
ngoba wena unguNkulunkulu
onozwela* nonesihe.[f]

**32** "Manje, Nkulunkulu we-
thu, Nkulunkulu omkhulu, ona-
mandla nobabazekayo, osigci-
nile isivumelwano sakhe no-
bonise uthando oluqotho,[g] ma-
bungabonakali buyinto encane
kuwe bonke lobu bunzima obu-
sehlele, thina, amakhosi ethu,
izikhulu zethu,[h] abapristi be-
thu,[i] abaprofethi bethu,[j] okho-
kho bethu nabo bonke aba-
ntu bakho kusukela ezinsukwi-
ni zamakhosi ase-Asiriya[k] kuze
kube namuhla. **33** Wena ulu-
ngile kukho konke lokhu oku-
sehlele, ngoba uye wathembe-
ka; kodwa yithi esenze izinto
ngokukhohlakala.[l] **34** Ama-
khosi ethu, izikhulu zethu,
abapristi bethu nokhokho be-
thu, abawugcinanga uMthetho
wakho, abayinakanga imiyalo
yakho noma izixwayiso* za-
kho owabaxwayisa ngazo.
**35** Ngisho nangesikhathi soku-
busa kwamakhosi ethu, be-
nenala yezinto ezinhle owa-
wubanike zona, besezweni eli-
banzi nelivundile* owawubani-
ke lona, abakukhonzanga[m] ne-

**9:29** *NgesiHebheru, "intamo yawo." **9:31** *Noma, "onomusa." **9:34** *Noma, "izikhumbuzo." **9:35** *Noma, "nelicebile."

mikhuba yabo emibi abayiyeka-
nga. **36** Bheka namuhla siyi-
zigqila[a]—izigqila ezweni owali-
nika okhokho bethu ukuba ba-
dle izithelo zalo nezinto zalo
ezinhle. **37** Umkhiqizo walo
oyinala ungowamakhosi owa-
beke phezu kwethu ngenxa ye-
zono zethu.[b] Abusa phezu kwe-
thu naphezu kwemfuyo yethu
ngokuthanda kwawo, futhi thi-
na sithwele kanzima.

**38** "Ngakho ngenxa yakho
konke lokhu, siyazibophezela[c]
ngokubhala phansi, futhi lokhu
kufakazelwa ngesigxivizo sezi-
khulu zethu, amaLevi ethu na-
bapristi bethu."[d]

**10** Labo abafakaza ngoku-
beka isigxivizo[e] kwakuyi-
laba:

UNehemiya undunankulu,*
indodana kaHakaliya,

Kanye noZedekiya, **2** uSera-
ya, u-Azariya, uJeremiya,
**3** uPhashuri, u-Amariya, uMali-
khiya, **4** uHathushi, uShebani-
ya, uMaluki, **5** uHarimi,[f] uMe-
remoti, u-Obadiya, **6** uDaniye-
li,[g] uGinethoni, uBharuki,
**7** uMeshulamu, u-Abhiya, uMi-
jamini, **8** uMahaziya, uBhiliga-
yi noShemaya; laba abapristi.

**9** AmaLevi yilawa: UJeshu-
wa indodana ka-Azaniya,
uBhinuwi wamadodana kaHe-
nadadi, uKhadimiyeli[h] **10** na-
bafowabo uShebaniya, uHodi-
ya, uKelitha, uPhelaya, uHana-
ni, **11** uMikha, uRehobe, uHa-
shabiya, **12** uZakuri, uSherebi-
ya,[i] uShebaniya, **13** uHodiya,
uBhani noBheninu.

**14** Izinhloko zabantu ezasifa-
kazela yilezi: UPharoshi, uPha-
hati-mowabi,[j] u-Elamu, uZa-
thu, uBhani, **15** uBhuni, u-Azi-
gadi, uBebayi, **16** u-Adoniya,

**10:1** *Noma, "uThirishatha," isiqu sasePheresiya esisho undunankulu wesifundazwe.

ISAHL. 9
*a* 2Kh 17:13, 14; 2Kr 24:19
*b* Lev 18:5
*c* Rom 10:21
*d* 2Kr 36:15, 16; Isay 42:24; Jer 40:2, 3
*e* Hez 14:22
*f* Eks 34:6; Dut 4:31
*g* Dut 7:9; Dan 9:4
*h* 2Kh 24:12, 14
*i* Jer 34:18-20
*j* IsiL 4:13, 14
*k* 2Kh 17:6
*l* Dan 9:5
*m* Dut 28:47; Dut 32:15

Uhla 2
*a* Dut 28:48; Ezr 9:9
*b* Dut 28:15, 33; Neh 5:4
*c* 2Kh 23:3; 2Kr 15:12; Ezr 10:3
*d* Neh 10:28, 29

ISAHL. 10
*e* Neh 9:38
*f* Ezr 2:1, 39
*g* Ezr 8:1, 2
*h* Ezr 3:9; Neh 12:8
*i* Neh 12:24
*j* Neh 7:6, 11

uBigivayi, u-Adini, **17** u-Athe-
ri, uHezekiya, u-Azuri,
**18** uHodiya, uHashumi, uBhe-
zayi, **19** uHarifi, u-Anathoti,
uNebhayi, **20** uMagiphiyashi,
uMeshulamu, uHeziri, **21** uMe-
shezabeli, uZadoki, uJadu-
wa, **22** uPhelathiya, uHanani,
u-Anaya, **23** uHosheya, uHa-
naniya, uHashubi, **24** uHa-
loheshi, uPhiliha, uShobe-
ki, **25** uRehumi, uHashabhina,
uMahaseya, **26** u-Ahiya, uHa-
nani, u-Anane, **27** uMaluki,
uHarimi noBhahana.

**28** Bonke abanye abantu
—abapristi, amaLevi, abalindi-
sango, abaculayo, izikhonzi
zasethempelini* nawo wonke
umuntu owazihlukanisa naba-
ntu bezizwe ukuze alande-
le uMthetho kaNkulunkulu we-
qiniso,[a] kanye nomkabo, ama-
dodana abo namadodakazi abo,
bonke abantu ababenolwazi no-
kuqonda,#— **29** bazihlangani-
sa nabafowabo, izikhulu zabo,
futhi bazibopha ngesifungo esi-
hambisana nesiqalekiso, uku-
ba bahambe eMthethweni ka-
Nkulunkulu weqiniso, owawuni-
kwe uMose inceku kaNkulu-
nkulu weqiniso, nokuba ba-
gcine ngokucophelela yonke
imiyalo kaJehova iNkosi ye-
thu, izahlulelo zakhe neziqo-
ndiso zakhe. **30** Amadodaka-
zi ethu ngeke siwanike ezi-
nye izizwe, namadodana ethu
ngeke siwathathele amadodaka-
zi azo.[b]

**31** Uma abantu bezizwe
beza bezosidayisela izimpahla
zabo nazo zonke izinhlobo zo-
kudla okusanhlamvu ngosuku
lweSabatha,[c] ngeke sithenge
lutho kubo ngeSabatha noma
ngosuku olungcwele.[a] Ngeke si-
walime namasimu ethu ngonya-
ka wesikhombisa,[b] sizokwesula
nazo zonke izikweletu.[c]

**32** Sizibophezele nokuba
ngamunye wethu akhiphe
ingxenye yesithathu yesheke-
li* unyaka nonyaka, sinikelele
inkonzo yendlu# kaNkulunku-
lu wethu,[d] **33** izinkwa ezibe-
kwa zitakelane,*[e] umnikelo wo-
kudla okusanhlamvu owenzi-
wa njalo,[f] umnikelo oshiswayo
wamaSabatha[g] owenziwa nja-
lo nowokwethwasa kwezinya-
nga,[h] kanye nowemikhosi,[i] izi-
nto ezingcwele, iminikelo yeso-
no[j] ukuze kwenzelwe u-Israye-
li isihlawulelo, nawo wonke
umsebenzi wendlu kaNkulu-
nkulu wethu.

**34** Senza nenkatho ngoku-
phathelene nezinkuni okufane-
le abapristi, amaLevi naba-
ntu bazilethe endlini kaNku-
lunkulu wethu, ngezindlu zo-
khokho bethu, ngezikhathi ezi-
misiwe, unyaka nonyaka, uku-
ze zibaswe e-altare likaJeho-
va uNkulunkulu wethu, nje-
ngoba kulotshwe eMthethweni.[k]
**35** Sizoletha nezithelo zokuqa-
la ezivuthiwe zezwe lethu nezi-
thelo zokuqala ezivuthiwe
zazo zonke izinhlobo zezihla-
hla, unyaka nonyaka, endlini ka-
Jehova,[l] **36** sizoletha namado-
dana ethu angamazibulo na-
mazibulo emfuyo yethu[m]—nje-
ngoba kulotshiwe eMthethwe-
ni—namazibulo emihlambi ye-
thu yezinkomo, yezimvu neyezi-
mbuzi. Sizowaletha endlini ka-
Nkulunkulu wethu, kubapristi
abakhonza endlini kaNkulunku-
lu wethu.[n] **37** Ukudla kwethu
kokuqala okumahhadlahhadla,[o]

ISAHL. 10
a Neh 8:1 Neh 9:2
b Eks 34:15, 16 Dut 7:3, 4
c Eks 20:10

Uhla 2
a Eks 12:16 Num 29:1, 12
b Eks 23:10, 11 Lev 25:4, 5
c Dut 15:1-3
d Eks 30:13
e Lev 24:5-7
f Eks 29:40, 41
g Num 28:9
h Num 28:11-13 1Kr 23:31
i Dut 16:16
j Lev 16:15
k Lev 1:7 Lev 6:12, 13
l Eks 23:19 Num 18:8, 13 Dut 26:2
m Eks 13:2 Num 18:15
n Num 18:8, 11 1Ko 9:13
o Num 15:20

**10:28** *Noma, "amaNethini." NgesiHebheru, "abanikelwe." #Noma kungaba, "bonke ababekhule ngokwanele ukuba baqonde."

**10:32** *Ishekeli lalingu-11,5 g. Bheka iSithasiselo B14. *Noma, "yethempeli." **10:33** *Okuwukuthi, isinkwa sokubukwa.

iminikelo yethu, izithelo zazo
zonke izinhlobo zezihlahla,[a]
iwayini elisha namafutha,[b] na-
kho kufanele sikulethe kubapri-
sti ezinqolobaneni zendlu* ka-
Nkulunkulu wethu,[c] kanye no-
kweshumi okuvela ezweni le-
thu sikulethe kumaLevi,[d] ngoba
amaLevi yiwo aqoqa okweshumi
kuwo wonke amadolobha ezo-
limo.
**38** Umpristi, indodana ka-
Aroni, kumele abe kanye na-
maLevi lapho amaLevi eqoqa
okweshumi; amaLevi wona ku-
fanele anikele okweshumi ko-
kweshumi endlini kaNkulunku-
lu wethu,[e] akufake emagunjini*
esakhiwo sokugcina ukudla.
**39** Ngoba ama-Israyeli nama-
dodana amaLevi kufanele awu-
lethe ezinqolobaneni* umnike-
lo[f] wokudla okusanhlamvu,
owewayini elisha nowamafu-
tha,[g] futhi yilapho kukhona
khona izitsha zendlu engcwele
kanye nabapristi abakhonzayo,
abalindisango nabaculi. Ngeke
singayinaki indlu kaNkulunku-
lu wethu.[h]

**11** Izikhulu zabantu zazihla-
la eJerusalema;[i] kodwa
bonke abanye abantu benza
inkatho[j] ukuze bakhethe um-
ndeni owodwa kweyishumi uku-
ba uhlale eJerusalema idolo-
bha elingcwele; eminye engu-9
ihlale kwamanye amadolobha.
**2** Ngaphezu kwalokho, abantu
bawafisela isibusiso sikaNkulu-
nkulu wonke amadoda azinike-
la ngokuzithandela ukuba ahla-
le eJerusalema.
**3** Yilawa amadoda avelele
esifundazwe* ayehlala eJeru-
salema. (Wonke amanye ama-
Israyeli, abapristi, amaLevi, izi-
khonzi zasethempelini*[a] nama-
dodana ezinceku zikaSolomo-
ni,[b] babehlala kwamanye ama-
dolobha akwaJuda, yilowo na-
lowo efeni lakhe edolobheni la-
kubo.[c]
**4** EJerusalema kwakuhlala
nabanye kubantu bakwaJuda
nabakwaBhenjamini.) Kubantu
bakwaJuda kwakungu-Athaya
indodana ka-Uziya indodana
kaZakariya indodana ka-Amari-
ya indodana kaShefathiya
indodana kaMahalaleli wama-
dodana kaPherezi,[d] **5** noMa-
haseya indodana kaBharuki
indodana kaKholihoze indoda-
na kaHazaya indodana ka-Ada-
ya indodana kaJoyaribi indoda-
na kaZakariya indodana yom-
Shela. **6** Esewonke amadoda-
na kaPherezi ayehlala eJerusa-
lema kwakungamadoda anga-
maqhawe angu-468.
**7** Abantu bakwaBhenjamini
kwakuyilaba: USalilu[e] indoda-
na kaMeshulamu indodana ka-
Jowedi indodana kaPhedaya
indodana kaKholaya indoda-
na kaMahaseya indodana ka-
Ithiyeli indodana kaJeshaya,
**8** ngaphandle kukaSalilu kwa-
kukhona noGabayi noSalayi,
bengu-928; **9** uJoweli indoda-
na kaZikiri wayephethe idolo-
bha, uJuda indodana kaHase-
nuwa eyisekela.
**10** Kubapristi: UJedaya indo-
dana kaJoyaribi, uJakini,[f]
**11** uSeraya indodana kaHiliki-
ya, oyindodana kaMeshula-
mu, oyindodana kaZadoki, oyi-
ndodana kaMerayoti, oyindo-
dana ka-Ahithubi,[g] umholi
endlini* kaNkulunkulu weqi-
niso, **12** nabafowabo ababese-
benza ethempelini, bengu-822;
no-Adaya indodana kaJeroha-

**10:37** *Noma, "emahholo okudlela endlu." **10:38, 39** *Noma, "emahholo okudlela." **11:3** *Noma, "esifunda sombuso."

**11:3** *Noma, "amaNethini." NgesiHebheru, "abanikelwe." **11:11** *Noma, "ethempelini."

**ISAHL. 10**
*a* Lev 27:30
*b* Num 18:8, 12; Dut 18:1, 4
*c* 2Kr 31:11
*d* Num 18:21
*e* Num 18:26
*f* Dut 12:5, 6
*g* Dut 14:23
*h* Neh 13:10, 11

**ISAHL. 11**
*i* Neh 7:4
*j* IzA 16:33

**Uhla 2**
*a* Jos 9:3, 27; Ezr 8:17
*b* Ezr 2:58
*c* Ezr 2:70
*d* Num 26:20
*e* 1Kr 9:3, 7
*f* 1Kr 9:10-13
*g* 1Kr 6:12

mu indodana kaPhelaliya indo-
dana ka-Amizi indodana ka-
Zakariya indodana kaPhashuri[a]
indodana kaMalikhiya, **13** na-
bafowabo, izinhloko zemindeni,
bengu-242; no-Amashisayi indo-
dana ka-Azareli indodana ka-
Ahizayi indodana kaMeshilemo-
ti indodana ka-Imeri, **14** naba-
fowabo ababengamadoda ana-
mandla nanesibindi, bengu-128;
owayebaphethe kwakunguZabi-
diyeli, ilungu lomndeni ovelele.

**15** KumaLevi: UShemaya[b]
indodana kaHashubi, oyi-
ndodana ka-Azirikamu, oyi-
ndodana kaHashabiya indo-
dana kaBhuni, **16** noShabhe-
thayi[c] noJozabhadi[d] ababeyi-
zinhloko zamaLevi, ababenga-
mele imisebenzi yangaphandle
yendlu kaNkulunkulu weqini-
so; **17** uMathaniya,[e] indoda-
na kaMika indodana kaZabi-
di indodana ka-Asafa,[f] umholi
weqembu lomculo, owayehola
ezingomeni zokudumisa ngesi-
khathi somthandazo,[g] uBhaki-
bukiya ongowesibili kubafowa-
bo, no-Abhida indodana kaSha-
muwa indodana kaGalali indo-
dana kaJeduthuni.[h] **18** Ese-
wonke amaLevi edolobheni eli-
ngcwele ayengu-284.

**19** Abalindisango kwaku-
ngu-Akhubi, uThalimoni[i] naba-
fowabo ababegade emasa-
ngweni, bengu-172.

**20** Wonke amanye ama-Isra-
yeli, abapristi namaLevi, babe-
kuwo wonke amanye amadolo-
bha akwaJuda, ngamunye ese-
ndaweni eyifa lakhe.* **21** Izi-
khonzi zasethempelini*[j] zazi-
hlala e-Ofeli,[k] uZiha noGishipa
yibo ababephethe izikhonzi za-
sethempelini.#

**11:20** *Noma, "esefeni lakhe." **11:21** *Noma, "AmaNethini." NgesiHebheru, "Abanikelwe." #Noma, "amaNethini." NgesiHebheru, "abanikelwe."

ISAHL. 11
*a* Jer 21:1, 2; Jer 38:1
*b* 1Kr 9:2, 14
*c* Ezr 10:14, 15
*d* Ezr 8:33; Neh 8:7
*e* Neh 11:22; Neh 12:25
*f* Neh 7:6, 44
*g* 1Kr 16:4; 2Kr 5:13
*h* 1Kr 16:41, 42; 2Kr 35:15
*i* 1Kr 9:2, 17; Ezr 2:1, 42; Neh 12:25
*j* Ezr 2:1, 58
*k* 2Kr 27:1, 3; Neh 3:26

Uhla 2
*a* 1Kr 9:2, 15
*b* Ezr 6:3, 9; Ezr 7:21-24
*c* Gen 23:2; Jos 14:15
*d* Jos 15:21; 2Sa 23:20
*e* Jos 15:21, 26; Jos 19:1, 2
*f* Jos 15:21, 27
*g* Jos 19:1, 3
*h* Jos 15:21, 31; Jos 19:1, 5; 1Sa 27:5, 6
*i* Jos 15:21, 32
*j* Jos 15:20, 33; Jos 19:40, 41
*k* Jos 15:20, 34; Neh 3:13
*l* Jos 15:20, 39; Isay 37:8
*m* Jos 15:20, 35
*n* Jos 15:8, 12; 2Kh 23:10
*o* Jos 18:21, 24
*p* Gen 28:19; Jos 18:11, 13
*q* Jos 21:8, 18
*r* 1Sa 21:1

**22** Umphathi wamaLevi eJe-
rusalema kwakungu-Uzi indo-
dana kaBhani indodana kaHa-
shabiya indodana kaMatha-
niya[a] indodana kaMikha, wa-
madodana ka-Asafa, angaba-
culi; wayengamele umsebenzi
wendlu kaNkulunkulu weqini-
so. **23** Kwakunomyalo wenko-
si ngokuphathelene nabo,[b] fu-
thi abaculi babelungiselelwa
okuthile ngokwesidingo sosu-
ku ngalunye. **24** UPhethahiya
indodana kaMeshezabeli wama-
dodana kaZera indodana ka-
Juda wayengumeluleki wenko-
si* ngokuphathelene nazo zo-
nke izindaba zabantu.

**25** Ngokuqondene nezinda-
wo zokuhlala namasimu azo,
abanye kubantu bakwaJuda
babehlala eKiriyati-ariba[c] na-
semadolobhaneni ayakhelene
nalo,* eDiboni nasemadolobha-
neni ayakhelene nalo, eJekabi-
zeyeli[d] nasemizini engaphansi
kwalo, **26** eJeshuwa, eMola-
da,[e] eBheti-pheleti,[f] **27** eHa-
zari-shuwali,[g] eBheri-sheba na-
semadolobhaneni ayakhele-
ne* nalo, **28** eZikilagi,[h] eMe-
khona nasemadolobhaneni
ayakhelene* nayo, **29** e-Eni-
rimoni,[i] eZora[j] naseJarimu-
thi, **30** eZanowa,[k] e-Adulamu
nasemizini engaphansi kwa-
yo, eLakishi[l] nasemasimini alo
nase-Azeka[m] nasemadolobha-
neni ayakhelene* nayo. Bazi-
nza# eBheri-sheba kwaze kwa-
yofika eSigodini SikaHinomu.[n]

**31** Abantu bakwaBhenjami-
ni babehlala eGeba,[o] eMiki-
mashi, e-Ayija, eBhethele[p] na-
semadolobhaneni ayakhelene*
nalo, **32** e-Anathoti,[q] eNobi,[r]

**11:24** *NgesiHebheru, "wayesesandleni senkosi." **11:25, 27, 31** *Noma, "ayelizungezile." **11:28, 30** *Noma, "ayeyizungezile." **11:30** #Noma, "Bamisa amatende."

e-Ananiya, **33** eHazori, eRa-
ma,[a] eGitayimi, **34** eHadidi,
eZeboyimi, eNebalati, **35** eLo-
di nase-Ono,[b] isigodi sezingcwe-
ti. **36** Amanye amaLevi avela
kwaJuda anikwa indawo yoku-
hlala kwaBhenjamini.

**12** Yilaba abapristi nama-
Levi abakhuphuka no-
Zerubhabhele[c] indodana ka-
Sheyalitiyeli[d] noJeshuwa:[e]
USeraya, uJeremiya, u-Ezra,
**2** u-Amariya, uMaluki, uHa-
thushi, **3** uShekaniya, uRehu-
mi, uMeremoti, **4** u-Ido, uGi-
nethoyi, u-Abhiya, **5** uMijami-
ni, uMahadiya, uBhiliga,
**6** uShemaya, uJoyaribi, uJeda-
ya, **7** uSalu, u-Amoki, uHiliki-
ya noJedaya. Laba babeyizi-
nhloko zabapristi nezabafowa-
bo ezinsukwini zikaJeshuwa.

**8** AmaLevi kwakunguJeshu-
wa, uBhinuwi, uKhadimiyeli,[f]
uSherebiya, uJuda noMatha-
niya.[g] UMathaniya nabafowa-
bo babehola ekuculeni izingo-
ma zokubonga. **9** UBhakibu-
kiya no-Uni abafowabo, ba-
bemi maqondana nabo be-
gadile.* **10** UJeshuwa wazala
uJoyakimi, uJoyakimi wazala
u-Eliyashibi,[h] u-Eliyashibi waza-
la uJoyada.[i] **11** UJoyada wa-
zala uJonathani, uJonathani
wazala uJaduwa.

**12** Ezinsukwini zikaJoyaki-
mi, kwakuyilaba abapristi, izi-
nhloko zemindeni: emndeni-
ni kaSeraya,[j] kwakunguMeraya;
kokaJeremiya, kunguHananiya;
**13** koka-Ezra,[k] kunguMeshula-
mi; koka-Amariya, kunguJeho-
hanani; **14** kokaMalukhayi, ku-
nguJonathani; kokaShebaniya,
kunguJosefa; **15** kokaHarimi,[l]
kungu-Adena; kokaMerayoti, ku-
nguHelikayi; **16** koka-Ido, ku-
nguZakariya; kokaGinethoni,
kunguMeshulamu; **17** koka-
Abhiya,[a] kunguZikiri; kokaMini-
yamini, . . . ;* kokaMohadi-
ya, kunguPhilithayi; **18** koka-
Bhiliga,[b] kunguShamuwa; ko-
kaShemaya, kunguJehonatha-
ni; **19** kokaJoyaribi, kunguMa-
thenayi; kokaJedaya,[c] kungu-
Uzi; **20** kokaSalayi, kunguKha-
layi; koka-Amoki, kungu-Ebhe-
re; **21** kokaHilikiya, kunguHa-
shabiya; kokaJedaya, kunguNe-
thaneli.

**22** Ezinsukwini zika-Eliya-
shibi, uJoyada, uJohanani no-
Jaduwa,[d] izinhloko zeminde-
ni yamaLevi zazibhalwa phansi
njengoba kwakwenziwa nanga-
bapristi, kwehle kuze kuyofika
esikhathini sokubusa kukaDa-
riyu umPheresiya.

**23** AmaLevi ayeyizinhloko
zemindeni ayebhalwa encwadi-
ni yomlando, kwehle kuze kuyo-
fika ezinsukwini zikaJohanani
indodana ka-Eliyashibi. **24** Izi-
nhloko zamaLevi kwakunguHa-
shabiya, uSherebiya noJeshu-
wa[e] indodana kaKhadimiyeli,[f]
futhi abafowabo babemi maqo-
ndana nabo ukuze bacule izi-
ngoma zokudumisa, babonge
uNkulunkulu ngokuvumelana
neziqondiso zikaDavide[g] umu-
ntu kaNkulunkulu weqiniso,
iqembu lonogada limi maqo-
ndana nelinye iqembu lono-
gada. **25** UMathaniya,[h] uBha-
kibukiya, u-Obadiya, uMeshula-
mu, uThalimoni no-Akhubi[i] ba-
bengabalindisango,[j] begade izi-
nqolobane eziseduze kwamasa-
ngo ethempeli. **26** Laba babe-
khonza ezinsukwini zikaJoyaki-
mi indodana kaJeshuwa[k] indo-
dana kaJozadaki nasezinsukwi-
ni zikaNehemiya undunankulu,
no-Ezra[l] umpristi nomkopishi.*

**ISAHL. 11**
a Jos 18:21, 25
b 1Kr 8:12; Ezr 2:1, 33

**ISAHL. 12**
c Ezr 1:8, 11
d Mat 1:12
e Zak 3:1
f Ezr 2:1, 40; Ezr 3:9
g 1Kr 9:2, 15; Neh 11:17; Neh 12:25
h Neh 3:1
i Neh 13:28
j Neh 11:3, 11
k Neh 12:1
l Ezr 2:1, 39

**Uhla 2**
a Neh 12:1, 4
b Neh 12:1, 5
c Neh 12:1, 6
d Neh 12:10, 11
e Neh 8:7
f Ezr 2:1, 40
g 1Kr 16:4; 1Kr 23:28, 30
h 1Kr 9:2, 15
i 1Kr 9:17; Ezr 2:1, 42; Neh 11:1, 19
j 1Kr 9:22-27
k Ezr 3:2, 8
l Ezr 7:1, 6

**12:9** *Noma kungaba, "phakathi nenkonzo."

**12:17** *Alikho igama lapha embhalweni wesiHebheru. **12:26** *Noma, "nombhali."

**27** Lapho sekusondele umci-
mbi wokuvulwa kwezindonga
zeJerusalema, bafuna amaLe-
vi kuzo zonke izindawo ayehla-
la kuzo futhi bawaletha eJeru-
salema ukuze umcimbi ugu-
jwe ngenjabulo, ngezingoma zo-
kubonga uNkulunkulu,[a] ngama-
simbali, ngezinsimbi zomculo
ezinezintambo nangamahabhu.
**28** Amadodana abaculi ahla-
ngana evela* esifundeni esi-
seduze,# nakulo lonke elase-
Jerusalema, nasemizini yama-
Nethofa,[b] **29** naseBheti-giliga-
li[c] nasendaweni yaseGeba[d] ne-
yase-Azimaveti,[e] ngoba abacu-
li babezakhele imizi kulo lo-
nke elaseJerusalema. **30** Aba-
pristi namaLevi bazihlanza, ba-
hlanza nabantu,[f] amasango[g] no-
donga.[h]

**31** Khona-ke ngakhuphulela
izikhulu zakwaJuda phezu ko-
donga. Ngabe sengimisa ama-
kwaya amabili amakhulu acu-
la izingoma zokubonga ka-
nye namaqembu abantu aye-
zowalandela, enye ikwaya
yaya ngakwesokudla phezu
kodonga iqonde ngaseSangwe-
ni Lezindunduma Zomlotha.[i]
**32** UHoshaya nengxenye yezi-
khulu zakwaJuda babebala-
ndela, **33** bekanye no-Azari-
ya, u-Ezra, uMeshulamu,
**34** uJuda, uBhenjamini, uShe-
maya noJeremiya. **35** Babe-
hamba namanye amadodana
abapristi ayephethe amacilo-
ngo:[j] UZakariya indodana ka-
Jonathani indodana kaShe-
maya indodana kaMathaniya
indodana kaMikhaya indoda-
na kaZakuri indodana ka-Asa-
fa,[k] **36** nabafowabo uShema-
ya, u-Azareli, uMilalayi, uGila-
layi, uMahayi, uNethaneli, uJu-
da noHanana, bephethe izi-
nsimbi zomculo zikaDavide[a]
umuntu kaNkulunkulu weqini-
so; u-Ezra[b] umkopishi* ehamba
phambi kwabo. **37** ESangwe-
ni Lesiphethu[c] baqhubekela
phambili benyuka ngeZitebhi-
si[d] Zedolobha LikaDavide[e] odo-
ngeni olukhuphukelayo olunga-
phezu kweNdlu KaDavide baze
bayofika eSangweni Lamanzi[f]
ngasempumalanga.

**38** Enye ikwaya ecula izi-
ngoma zokubonga yahamba ya-
qonda kolunye uhlangothi,*
mina nenye ingxenye yabantu
sayilandela, sihamba phezu ko-
donga sadlula uMbhoshongo
Wohhavini[g] saqonda oDonge-
ni Olubanzi[h] **39** sanyuka sa-
yodlula phezu kweSango Lika-
Efrayimi[i] saqhubekela eSa-
ngweni Ledolobha Elidala[j] sa-
dlula saya eSangweni Lezinhla-
nzi,[k] eMbhoshongweni KaHa-
naneli,[l] eMbhoshongweni Ka-
Meya naseSangweni Lezimvu;[m]
safike sama eSangweni Laba-
qaphi.

**40** Ekugcineni la makwaya
amabili ahlabelelayo ama pha-
mbi kwendlu kaNkulunkulu we-
qiniso; nami nengxenye ye-
zinduna ezazikanye nami sama
khona, **41** nabapristi u-Eliya-
kimi, uMahaseya, uMiniyami-
ni, uMikhaya, u-Eliyohenayi,
uZakariya noHananiya, bephe-
the amacilongo, **42** noMaha-
seya, uShemaya, u-Eleyazare,
u-Uzi, uJehohanani, uMalikhiya,
u-Elamu no-Ezeri. Abaculi babe-
cula kakhulu beqondiswa u-Izra-
hiya.

**43** Ngalolo suku benza imi-
hlatshelo eminingi futhi baja-
bula[n] ngoba uNkulunkulu weqi-
niso wabenza bajabula ka-
khulu. Abesifazane nezingane
nabo bajabula,[o] kangangokuthi

ISAHL. 12
*a* 2Kr 5:13; 2Kr 7:6
*b* 1Kr 2:54; 1Kr 9:2, 16; Neh 7:6, 26
*c* Jos 15:7, 12
*d* Jos 21:8, 17; Neh 11:31
*e* Ezr 2:1, 24
*f* Eks 19:10
*g* Neh 7:1
*h* Neh 6:15
*i* Neh 2:13; Neh 3:13
*j* Num 10:2; 2Kr 5:12
*k* 1Kr 25:1, 2

Uhla 2
*a* 1Kr 23:5
*b* Neh 8:4
*c* Neh 2:14
*d* Neh 3:15
*e* 2Sa 5:7, 9
*f* Neh 3:26; Neh 8:1
*g* Neh 3:11
*h* Neh 3:8
*i* 2Kh 14:13; Neh 8:16
*j* Neh 3:6
*k* 2Kr 33:14; Neh 3:3
*l* Jer 31:38; Zak 14:10
*m* Neh 3:1; Joh 5:2
*n* Ezr 6:16, 17
*o* Jer 31:13

**12:28** *Noma, “Abaculi abaqeqeshiwe bahlangana bevela.” #Okuwukuthi, isifunda saseJordani.

**12:36** *Noma, “umbhali.” **12:38** *Noma, “phambili.”

ukujabula kweJerusalema kwa-
kuzwakala kude.[a]
**44** Ngalolo suku kwamiswa
amadoda ukuba engamele iza-
khiwo zokugcina[b] iminikelo,[c]
isivuno sokuqala[d] nokweshu-
mi.[e] Kulezo zakhiwo kwakume-
le afake izinto zabapristi nama-
Levi[f] ezivela emasimini amado-
lobha, ezifunwa uMthetho,[g]
ngoba kwakujatshulwa kwaJu-
da ngenxa yabapristi nama-
Levi ababekhonza. **45** Baqala
ukwenza inkonzo kaNkulunku-
lu wabo nenkonzo yokuhlanza,
nabahlabeleli nabalindisango
benza izinkonzo zabo ngokuvu-
melana neziqondiso zikaDavide
noSolomoni indodana yakhe.
**46** Ngoba kudala ezinsukwini
zikaDavide no-Asafa, kwaku-
nabaqondisi* babaculi nabezi-
ngoma zokudumisa nezokubo-
nga uNkulunkulu.[h] **47** Ezinsu-
kwini zikaZerubhabhele[i] nase-
zinsukwini zikaNehemiya, wo-
nke u-Israyeli wayenika abacu-
li[j] nabalindisango[k] ukudla ngo-
kwesidingo sosuku. Wayelungi-
selela namaLevi ukudla,[l] bese
amaLevi abela inzalo ka-Aroni.

**13** Ngalolo suku abantu ba-
fundelwa incwadi kaMo-
se,[m] kuyo kwatholakala kulo-
tshwe ukuthi akufanele nani-
ni umAmoni noma umMowa-
bi[n] angene ebandleni likaNkulu-
nkulu weqiniso,[o] **2** ngoba aba-
wanikanga ama-Israyeli isinkwa
namanzi, kunalokho baqasha
uBhalami ukuba awaqalekise.[p]
Nokho, uNkulunkulu wethu wa-
shintsha leso siqalekiso saba
yisibusiso.[q] **3** Kwathi nje la-
pho sebewuzwile uMthetho, ba-
qala ukuhlukanisa ama-Israyeli
nabo bonke abayinzalo yabezi-
zwe.*[r]

**4** Ngaphambi kwalokhu, um-
pristi owayengamele izinqo-
lobane* zethempeli# likaNkulu-
nkulu[a] wethu kwakungu-Eliya-
shibi[b] owayehlobene noTho-
biya.[c] **5** Wayemvumele ukuba
abeke izinto zakhe enqoloba-
neni* enkulu, leyo okwakuka-
de kubekwa kuyo umnikelo wo-
kudla okusanhlamvu, impepho,
izitsha nokweshumi kokusa-
nhlamvu, iwayini elisha nama-
futha,[d] okwakungokwamaLevi,[e]
abaculi nabalindisango, kanye
nomnikelo wabapristi.[f]
**6** Phakathi naso sonke leso
sikhathi ngangingekho eJeru-
salema, ngoba ngangihambile
ngaya enkosini ngonyaka ka-
32[g] weNkosi u-Aritahisha-
shita[h] waseBhabhiloni; kwathi
ngemva kwesikhathi esithile
ngacela enkosini ukuba ngi-
hambe. **7** Khona-ke ngafika
eJerusalema, ngayiqaphela
into embi eyayenziwe u-Eliya-
shibi[i] eyenzela uThobiya,[j] uku-
mnikeza inqolobane esegceke-
ni lendlu kaNkulunkulu weqi-
niso. **8** Yangithukuthelisa ka-
khulu le nto, ngakho ngayiji-
kijela ngaphandle kwenqoloba-
ne* yonke ifenisha kaThobi-
ya. **9** Ngemva kwalokho nga-
khipha umyalo base bezihla-
nza izinqolobane;* ngase ngizi-
buyisela khona izitsha zendlu
kaNkulunkulu weqiniso,[k] kanye
nomnikelo wokudla okusanhla-
mvu nempepho.[l]
**10** Ngathola nokuthi ama-
Levi[m] ayenganikwanga ukudla
kwawo,[n] kangangokuthi ama-
Levi nabaculi ababenza umse-
benzi bawushiya, yilowo na-
lowo waya ensimini yakhe.[o]
**11** Ngakho ngabasola ababusi

---

**12:46** *NgesiHebheru, "kwakunezinhlo-ko." **13:3** *Noma, "exubile."

**13:4, 9** *Noma, "amahholo okudlela." **13:4** #Noma, "zendlu." **13:5** *Noma, "ehholo lokudlela." **13:8** *Noma, "kwehholo lokudlela."

ISAHL. 12
a Ezr 3:10, 13
b 2Kr 31:11
c Neh 10:39
d Neh 10:35-37
e Neh 10:38; Neh 13:12, 13
f Eks 34:26; Num 15:18, 19; Dut 26:2
g Num 18:21
h 1Kr 25:1, 6
i Ezr 3:2; Hag 1:12; Luk 3:23, 27
j Neh 11:23
k Neh 10:39
l Num 18:21

ISAHL. 13
m Dut 31:11; Neh 8:2, 3; IzE 15:21
n Gen 19:36-38
o Dut 23:3, 6
p Num 22:4-6
q Num 23:8; Num 24:10
r Ezr 10:10, 11; Neh 9:1, 2

Uhla 2
a Neh 10:37, 38
b Neh 3:1
c Neh 2:10
d Dut 18:3, 4
e Num 18:24
f Neh 12:44
g Neh 5:14
h Ezr 7:1; Neh 2:1
i Neh 12:10
j Neh 4:7
k Neh 10:39
l Lev 2:14, 15
m Neh 10:37; Neh 12:47
n Mal 3:8
o Num 35:2

abangamasekela[a] ngathi: "Ku-
ngani inganakiwe indlu ka-
Nkulunkulu weqiniso?"[b] Nga-
be sengibaqoqa* ngababuyise-
la emisebenzini yabo. **12** Wo-
nke uJuda waletha okweshu-
mi[c] kokudla okusanhlamvu,
okwewayini elisha nokwamafu-
tha ezinqolobaneni.[d] **13** Nga-
beka uShelemiya umpristi,
uZadoki umkopishi* noPheda-
ya ongumLevi ukuba bengame-
le izinqolobane, uHanani indo-
dana kaZakuri indodana ka-
Mathaniya wayeyisekela labo,
ngoba la madoda ayebhekwa
njengathembekile. Kwakuwum-
thwalo wawo ukwabela abafo-
wabo ukudla.

**14** O Nkulunkulu wami,
ngikhumbule[e] ngokuphathele-
ne nalokhu, ungazesuli izenzo
zami zothando oluqotho engi-
zenzele indlu yakho nalabo
abenza inkonzo kuyo.*[f]

**15** Ngalezo zinsuku ngabo-
na abantu kwaJuda benyathe-
la izikhamo zewayini ngeSa-
batha,[g] beletha ukudla oku-
sanhlamvu okuningi bekula-
yisha ezimbongolweni, bele-
tha newayini, amagilebhisi,
amakhiwane nazo zonke izi-
nhlobo zomthwalo, bekuletha
eJerusalema ngosuku lweSa-
batha.[h] Ngakho ngabaxwayi-
sa ukuba bangathengisi izinto
ngalolo suku.* **16** AbaseThi-
re ababehlala eJerusalema ba-
beletha izinhlanzi nazo zonke
izinhlobo zezinto ezithengi-
swayo, bezithengisela abantu
bakwaJuda eJerusalema nge-
Sabatha.[i] **17** Ngakho ngaziso-
la izikhulu zakwaJuda nga-
thi kuzo: "Bubi buni lobu
enibenzayo? Niphula umthe-
tho weSabatha. **18** Akukho-
na yini lokhu okwenziwa okho-
kho benu, uNkulunkulu wethu
waze waletha yonke le nhle-
kelele phezu kwethu naphe-
zu kwaleli dolobha? Manje ne-
nezela entukuthelweni evuthe-
la u-Israyeli ngokuphula um-
thetho weSabatha."[a]

**19** Ngayala ukuba amasango
aseJerusalema avalwe ngapha-
mbi kokuba kuhwalale, okuwu-
kuthi, ngaphambi kokuba ku-
qale iSabatha. Ngayala nokuba
angavulwa kuze kudlule iSaba-
tha, ngamisa ezinye zezikhonzi
zami emasangweni ukuze ku-
ngangeni mthwalo ngosuku
lweSabatha. **20** Ngakho, aba-
hwebi nabathengisi bazo zonke
izinhlobo zezinto ezithengiswa-
yo balala ngaphandle kwe-
Jerusalema kanye noma kabili.
**21** Ngabaxwayisa ngathi kubo:
"Kungani nilala phambi kodo-
nga? Uma nike naphinda, ngi-
zonisusa ngenduku." Kusukela
ngaleso sikhathi kuqhubeke
abazange beseza ngeSabatha.

**22** Ngatshela amaLevi uku-
thi kufanele azihlanze nja-
lo, eze azogada amasango uku-
ze agcine usuku lweSabatha lu-
ngcwele.[b] Nalokhu kukhumbule
ukubalele egameni lami, Nkulu-
nkulu wami, ungihawukele ngo-
kuvumelana nokuchichima ko-
thando lwakho oluqotho.[c]

**23** Ngalezo zinsuku ngabu-
ye ngabona amaJuda ayesha-
de nabesifazane*[d] base-Ashido-
di,[e] abakwa-Amoni nabakwaMo-
wabi.[f] **24** Ingxenye yamadoda-
na abo yayikhuluma isi-
Ashidodi, enye ingxenye
ikhuluma ulimi lwezizwe ezi-
hlukahlukene, kodwa aku-
kho neyodwa kuwo eyayikwazi
ukukhuluma ulimi lwamaJu-
da. **25** Ngakho ngawathethisa

**ISAHL. 13**
*a* Ezr 9:2
*b* Neh 10:39
*c* Lev 27:30; Num 18:21
*d* Neh 10:38, 39; Mal 3:10
*e* Neh 5:19
*f* Heb 6:10
*g* Eks 20:10; Eks 34:21; Eks 35:2
*h* Jer 17:21, 27
*i* Neh 10:31

**Uhla 2**
*a* Eks 20:8-10
*b* Dut 5:12
*c* Neh 5:19; Neh 13:14; Neh 13:30, 31
*d* Ezr 9:1, 2; Ezr 10:10; 2Ko 6:14
*e* Jos 13:2, 3
*f* Dut 23:3, 4

**13:11** *Okuwukuthi, amaLevi nabaculi. **13:13** *Noma, "umbhali." **13:14** *Noma, "nokugadwa kwayo." **13:15** *Noma kungaba, "ngabaxwayisa ngalolo suku ukuba bangathengisi."

**13:23** *Noma, "ayeganwe abesifazane."

lawo maJuda ngawaqalekisa,
ngashaya amanye amadoda
kuwo,[a] ngahluthula izinwele
zawo ngase ngiwafungisa uNku-
lunkulu, ngathi: "Akufanele ni-
ganisele amadodana abo ngama-
dodakazi enu, akufanele nitha-
the amadodakazi abo ukuba abe
abafazi benu noma bamadoda-
na enu.[b] **26** Akubona yini laba
inkosi yakwa-Israyeli uSolomo-
ni eyona ngenxa yabo? Phakathi
kwezizwe eziningi kwakunge-
kho nkosi enjengaye;[c] uNkulu-
nkulu wakhe wayemthanda,[d] ka-
ngangokuthi uNkulunkulu wa-
menza inkosi phezu kwawo wo-
nke u-Israyeli. Kodwa ngisho
naye abafazi bezinye izizwe ba-
monisa.[e] **27** Nisihlolelani ngo-
kwenza lobu bubi obukhulu ka-
ngaka, ukuba nenze ngokunga-
thembeki kuNkulunkulu wethu
ngokushada nabesifazane bezi-
nye izizwe?"[a]

**28** Enye yamadodana kaJo-
yada[b] indodana ka-Eliyashibi[c]
umpristi ophakeme yayingum-
khwenyana kaSanibhalati[d] um-
Horoni. Ngakho ngayixosha.

**29** O Nkulunkulu wami, ba-
khumbule ubajezise ngoba ba-
budelelile ubupristi[e] nesivume-
lwano sobupristi nesamaLevi.[f]

**30** Ngabahlanza kukho ko-
nke ukungcoliswa ezinye izizwe,
ngabela abapristi namaLevi imi-
sebenzi, yilowo nalowo inko-
nzo yakhe,[g] **31** ngahlela noku-
ba kulethwe izinkuni[h] njalo nge-
zikhathi ezithile nezithelo zoku-
qala ezivuthiwe.

O Nkulunkulu wami, ngikhu-
mbule ungibusise.*[i]

**ISAHL. 13**

*a* Dut 25:2; Ezr 7:26
*b* Dut 7:3, 4; Neh 10:30
*c* 1Kh 3:12, 13; 2Kr 9:22
*d* 2Sa 12:24
*e* 1Kh 11:1-5

**Uhla 2**

*a* Ezr 10:2
*b* Neh 12:10
*c* Neh 3:1; Neh 13:4
*d* Neh 2:10; Neh 6:14
*e* Eks 40:15; Num 25:11-13
*f* Mal 2:4
*g* 1Kr 23:6; 1Kr 25:1
*h* Neh 10:34
*i* Neh 5:19

**13:31** * Noma, "ungenzele okuhle."

# U-ESTERI

## UHLU LOKUPHAKATHI


1 Idili leNkosi u-Ahashiveroshi eShushani (1-9)
INdlovukazi uVashiti ayilaleli (10-12)
Inkosi icebisana namadoda ahlakaniphile (13-20)
Kukhishwa umyalo wenkosi (21, 22)

2 Kufunwa enye indlovukazi (1-14)
U-Esteri uba indlovukazi (15-20)
UMoridekayi udalula icebo (21-23)

3 UHamani uphakanyiswa inkosi (1-4)
UHamani wakha icebo lokuqothula amaJuda (5-15)

4 UMoridekayi uyalila (1-5)
UMoridekayi ucela u-Esteri ukuba angenele (6-17)

5 U-Esteri uvela phambi kwenkosi (1-8)
Intukuthelo nokuzidla kukaHamani (9-14)

6 UMoridekayi uhlonishwa inkosi (1-14)

7 U-Esteri udalula uHamani (1-6a)
UHamani ulengiswa esigxotsheni esilungiswe nguye (6b-10)

8 UMoridekayi uthola isikhundla esiphakeme (1, 2)
U-Esteri uncenga inkosi (3-6)
Umyalo wenkosi ohlukile (7-14)
Ukukhululwa nenjabulo yamaJuda (15-17)

9 Ukunqoba kwamaJuda (1-19)
Kumiswa umkhosi wePhurimi (20-32)

10 Ubukhulu bukaMoridekayi (1-3)

**1** Ezinsukwini zika-Ahashive-
roshi* owayebusa izifu-
ndazwe[#] ezingu-127,[a] kusuke-
la eNdiya kuze kube seTopi-
ya,[△] **2** le Nkosi u-Ahashivero-
shi yayihleli esihlalweni sayo
sobukhosi esigodlweni* sase-
Shushani.[#b] **3** Ngonyaka wesi-
thathu wokubusa kwayo yenze-
la zonke izikhulu zayo nezince-
ku zayo idili. Ibutho lempi la-
sePheresiya[c] naseMediya,[d] izi-
cukuthwane nezikhulu zezifu-
ndazwe* zaziphambi kwayo,
**4** yababonisa ingcebo yombu-
so wayo okhazimulayo no-
buhle nobukhulu bayo izinsu-
ku eziningi, izinsuku ezingu-
180. **5** Lapho seziphelile lezo
zinsuku, inkosi yabenzela idili
bonke abantu ababesesigo-
dlweni* iShushani,[#] kusukela
kwabakhulu kuya kwabancane,
lathatha izinsuku eziyisikho-
mbisa engadini eyayisegceke-
ni lesigodlo senkosi. **6** Kwa-
kunelineni, indwangu kakoti-
ni osezingeni eliphezulu ne-
ndwangu eluhlaza okwesibha-
kabhaka eboshwe yaqina nge-
zindophi zendwangu esezinge-
ni eliphezulu, izintambo zobo-
ya obuphephuli* zisezinsimbi-
ni zesiliva eziyindilinga, izi-
nsika zemabula nosofa begoli-
de nabesiliva besendaweni ega-
ndaywe ngephorifiri nemabu-
la nepharele nemabula em-
nyama.

**7** Iwayini laliphuzwa ngezi-
ndebe* zegolide; indebe ngayi-
nye yayihlukile kwenye, fu-
thi iwayini lasebukhosini la-
liliningi kakhulu, lihambisana
nomcebo wenkosi. **8** Akekho
owayephoqwa* ukuthi aphuze
kangakanani, ngoba inkosi ya-
yihlele nezikhulu zesigodlo
sayo ukuthi umuntu ngamunye
kufanele enze akuthandayo.

**9** INdlovukazi uVashiti[a] na-
yo yenzela abesifazane idili
endlini yasebukhosini* yeNkosi
u-Ahashiveroshi.

**10** Ngosuku lwesikhombisa,
lapho inhliziyo yenkosi yene-
me ngenxa yewayini, yathi ku-
Mehumani, uBhizitha, uHari-
bona,[b] uBhigitha, u-Abhagi-
tha, uZethari noKarikasi, izi-
khulu zegceke eziyisikhombisa
ezazikhonza phambi kweNkosi
u-Ahashiveroshi, **11** mabale-
the uVashiti indlovukazi pha-
mbi kwenkosi eshuqule um-
nqwazo wasebukhosini,* ukuze
abonise abantu nezikhulu ubu-
hle bakhe, ngoba wayemuhle
kakhulu. **12** Kodwa iNdlovu-
kazi uVashiti yayilokhu yenqa-
ba ukuza njengoba inkosi ya-
yiyale izikhulu zegceke ukuba
ziyibize. Ngakho inkosi yathu-
kuthela kakhulu, yathukuthela
yagana unwabu.

**13** Inkosi yabe isikhuluma
namadoda ahlakaniphile ayezi-
qonda izinqubo* zangaphambi-
li (ngoba indaba yenkosi yayifi-
ka ngale ndlela phambi kwabo
bonke ababewazi kahle umthe-
tho namacala asemthethweni,
**14** futhi labo ababeseduze ka-
khulu nayo kwakunguKarishe-
na, uShethari, u-Adimatha,
uTharishishi, uMeresi, uMari-
sena noMemukhani, izikhulu

ISAHL. 1
a Est 8:9 Dan 6:1
b Ezr 4:9 Neh 1:1 Dan 8:2
c Ezr 1:2
d Isay 21:2 Jer 51:11 Dan 5:28

Uhla 2
a Est 1:12 Est 2:1, 17
b Est 7:9

**1:1** *Kucatshangwa ukuthi uXerxes I, indodana kaDariyu Omkhulu (uDariyu Hystaspis). #Noma, "izifunda zombuso." △Noma, "seKushe." **1:2** *Noma, "enqabeni." #Noma, "saseSusa." **1:3** *Noma, "zezifunda zombuso." **1:5** *Noma, "ababesenqabeni." #Noma, "iSusa." **1:6** *Noma, "obubukhwebezane." **1:7** *Noma, "ngezitsha."

**1:8** *Noma, "owayebekelwa imingcele." **1:9** *Noma, "esigodlweni." **1:11** *Noma, "iduku lokushuqula lasebukhosini." **1:13** *NgesiHebheru, "izikhathi."

eziyisikhombisa[a] zasePheresi-
ya naseMediya, yibo ababene-
lungelo lokungena njalo pha-
mbi kwenkosi nababenezikhu-
ndla eziphakeme embusweni).
**15** Inkosi yabuza: "Ngokom-
thetho, yini okumele yenziwe
ngeNdlovukazi uVashiti ngoba
ayizange iwulalele umyalo we-
Nkosi u-Ahashiveroshi odluli-
selwe ngezikhulu zegceke?"

**16** UMemukhani wathi pha-
mbi kwenkosi nezikhulu:
"INdlovukazi uVashiti ayona-
nga enkosini kuphela,[b] kodwa
yone kuzo zonke izikhulu naku-
zo zonke izizwe ezikuzo zonke
izifundazwe* zeNkosi u-Aha-
shiveroshi. **17** Ngoba okwe-
nziwe yindlovukazi kuzokwazi-
wa yiwo wonke amakhosika-
zi, bese edelela abayeni bawo,
athi, 'INkosi u-Ahashiveroshi
yathi makulethwe phambi kwa-
yo iNdlovukazi uVashiti, ko-
dwa yenqaba.' **18** Kulolu suku
amakhosikazi ezikhulu zenkosi
zasePheresiya naseMediya azi-
yo ukuthi indlovukazi yenzeni,
azophikisana nabayeni bawo,
kwande indelelo nentukuthelo
enkulu. **19** Uma kubonakala
kukuhle enkosini, inkosi mayi-
khiphe umyalo ongeke uphele-
lwe isikhathi,[c] futhi mawu-
bhalwe phakathi kwemithe-
tho yasePheresiya naseMedi-
ya, umyalo othi uVashiti anga-
phinde angene phambi kwe-
Nkosi u-Ahashiveroshi; futhi
isikhundla sakhe sasebukhosi-
ni inkosi mayisinike owesifa-
zane ongcono kunaye. **20** La-
pho umyalo wenkosi usuzwake-
le kuwo wonke umbuso wayo
omkhulu, wonke amakhosika-
zi ayonika abayeni bawo udu-
mo, kusukela kwabakhulu kuye
kwabancane."

**1:16** *Noma, "izifunda zombuso."

ISAHL. 1
a Ezr 7:14
b Est 1:12
c Est 8:8; Dan 6:8

Uhla 2
a Est 3:12, 14

ISAHL. 2
b Est 1:1
c Est 1:12
d Est 1:19
e Est 8:9
f Est 2:15
g Est 1:19
h Ezr 4:9; Neh 1:1; Est 1:2; Dan 8:2
i Est 3:2; Est 10:3
j Gen 49:27; 1Sa 9:21

**21** Lokhu kwayijabulisa
inkosi nezikhulu, inkosi yabe
seyenza ngokwezwi likaMemu-
khani. **22** Ngakho yathumela
izincwadi kuzo zonke izifu-
ndazwe zayo,*[a] esifundazweni#
ngasinye incwadi ebhalwe ngo-
kwendlela yaso, esizweni nga-
sinye incwadi ebhalwe ngolimi
lwaso, ukuze indoda ngayinye
ibe inkosi△ endlini yayo futhi
ikhulume ulimi lwabantu ba-
kubo.

**2** Ngemva kwalezi zinto, la-
pho ulaka lweNkosi u-Aha-
shiveroshi[b] selwehlile, yaku-
khumbula lokho uVashiti aye-
kwenzile[c] nalokho okwakunqu-
nyiwe ngaye.[d] **2** Izinceku ze-
nkosi zabe sezithi: "Inkosi
mayifunelwe izintombi ezinhle
eziyizintombi nto. **3** Mayimi-
se abaphathi kuzo zonke izi-
fundazwe zayo,[e] baqoqele nda-
wonye zonke izintombi ezinhle
eziyizintombi nto esigodlweni*
iShushani,# endlini yabesifaza-
ne.△ Mazinakekelwe uHega-
yi[f] umthenwa wenkosi, umqa-
phi wabesifazane, futhi mazi-
nikezwe izimonyo.⊠ **4** Intombi
ethandeka kakhulu enkosini
izoba yindlovukazi esikhundle-
ni sikaVashiti."[g] Lokhu kwayija-
bulisa inkosi, ngakho yenza ka-
njalo.

**5** Kwakukhona umuntu othi-
le ongumJuda esigodlweni*
iShushani,#[h] igama lakhe ku-
nguMoridekayi[i] indodana kaJa-
yire indodana kaShimeyi indo-
dana kaKishi, umBhenjamini,[j]
**6** owayeyiswe ekudingisweni
esuka eJerusalema nabantu

**1:22** *NgesiHebheru, "izifunda zombu-
so wenkosi." #Noma, "esifundeni so-
mbuso." △Noma, "isikhulu." **2:3, 5**
*Noma, "enqabeni." **2:3, 5** #Noma,
"iSusa." **2:3** △Indlu ehlala amakhosi-
kazi noma izancinza zenkosi. ⊠Noma,
"mazibhucungwe."

ababedingiswe noJekoniya*[a] inkosi yakwaJuda, lowo uNebukhadinezari inkosi yaseBhabhiloni eyamyisa ekudingisweni.
7 Wakhulisa* uHadasa,# okungukuthi, u-Esteri, indodakazi yomfowabo kayise,[b] ngoba wayengenabo abazali. Le ntombi yayimi kahle futhi iyinhle, kwathi lapho kufa uyise nonina, uMoridekayi wayithatha njengendodakazi yakhe.
8 Lapho izwi lenkosi nomthetho wayo sekumenyezelwe nalapho izintombi eziningi seziqoqelwe esigodlweni* iShushani# zinakekelwa uHegayi,[c] u-Esteri naye wayiswa endlini yenkosi△ ukuze anakekelwe uHegayi umqaphi wabesifazane.

9 Le ntombi yathandeka kuye futhi yathola umusa wakhe,* ngokushesha wayilungisela izimonyo#[d] nokudla okukhethekile, wayabela izintombi ezikhethekile eziyisikhombisa ezivela endlini yenkosi. Waphinde wayithutha yona nezinceku zayo wabayisa endaweni enhle kunazo zonke endlini yabesifazane.△
10 U-Esteri akazange akhulume ngabantu bakubo[e] noma ngezihlobo zakhe, ngoba uMoridekayi[f] wayemyale ukuba angatsheli muntu.[g]
11 Usuku nosuku uMoridekayi wayehamba eduze kwegceke lendlu yabesifazane△ ukuze ezwe ngenhlalakahle ka-Esteri nangalokho okwakwenzeka kuye.

12 Intombi ngayinye yayiba nethuba lokungena eNkosini u-Ahashiveroshi ngemva kokuqeda ukumonyongwa izinyanga ezingu-12 njengoba zaziyaliwe, ngoba nansi indlela okwakumele zimonyongwe* ngayo—izinyanga eziyisithupha ngamafutha emure[a] nezinyanga eziyisithupha ngamafutha ebhalsamu[b] nangezinhlobonhlobo zezimonyo.#
13 Ngemva kwalokho intombi yayisikulungele ukungena enkosini, futhi noma yini eyayiyicela yayinikwa yona lapho isuka endlini yabesifazane△ iya endlini yenkosi.
14 Yayingena kusihlwa, ekuseni ibuyele endlini yesibili yabesifazane△ eyayinakekelwa uShahashigazi umthenwa wenkosi,[c] umqaphi wezancinza. Yayingabuyeli enkosini ngaphandle kokuba inkosi iyithande kakhulu futhi ibizwe ngegama.[d]

15 Lapho kufika ithuba lokuba angene enkosini, u-Esteri indodakazi ka-Abhihayili umfowabo kayise kaMoridekayi owayemthathe njengendodakazi yakhe,[e] akacelanga lutho ngaphandle kwalokho uHegayi umthenwa wenkosi, umqaphi wabesifazane, ayekushilo. (U-Esteri wayelokhu ethola umusa kubo bonke ababembona.)
16 U-Esteri wayiswa eNkosini u-Ahashiveroshi endlini yayo yobukhosi ngenyanga yeshumi, okungukuthi, inyanga kaThebeti,* ngonyaka wesikhombisa[f] wokubusa kwayo.
17 Inkosi yamthanda u-Esteri ngaphezu kwabo bonke abanye besifazane, futhi wathola umusa wayo nokwamukeleka* kuyo ngaphezu

ISAHL. 2
a 2Kh 24:14, 15; 1Kr 3:16; 2Kr 36:9, 10; Jer 22:28; Jer 24:1; Jer 37:1; Jer 52:31; Mat 1:11
b Est 2:15
c Est 2:3
d Est 2:12
e Est 3:8
f Est 2:7
g Est 4:12-14

Uhla 2
a IzA 7:17; Hla 3:6
b Gen 43:11; 1Kh 10:2; 2Kh 20:13
c Est 2:3
d Est 4:11
e Est 2:7
f Est 1:3

**2:6** *Obizwa ngoJehoyakini kweyesi-2Kh 24:8. **2:7** *Noma, "Wayengumqaphi." #Incazelo: "Isihlahla Sombomvana." **2:8** *Noma, "enqabeni." #Noma, "iSusa." △Noma, "esigodlweni." **2:9** *Noma, "wayibonisa uthando oluqotho." #Noma, "ukubhucungwa." **2:9, 11, 13, 14** △Indlu ehlala amakhosikazi noma izancinza zenkosi.

**2:12** *Noma, "zibhucungwe." #Noma, "nangokubhucungwa kwabesifazane." **2:16** *Bheka iSithasiselo B15. **2:17** *Noma, "nothando oluqotho."

kwezinye izintombi. Yabe isi-
faka umnqwazo wasebukho-
sini* ekhanda lakhe yamenza
indlovukazi[a] esikhundleni sika-
Vashiti.[b] **18** Inkosi yabe seye-
nzela zonke izikhulu nezince-
ku zayo idili elikhulu, idi-
li lika-Esteri. Ngemva kwalo-
kho, yamemezela ukukhululwa
ezifundazweni futhi yaqhube-
ka iphana ngezipho ngokomce-
bo wayo.

**19** Manje lapho izintombi[c]
seziqoqiwe okwesibili, uMo-
ridekayi wayehlezi esangwe-
ni lenkosi. **20** U-Esteri aka-
shongo lutho ngezihlobo zakhe
nangabantu bakubo,[d] njengo-
ba nje uMoridekayi ayemyali-
le; u-Esteri waqhubeka nokwe-
nza okwakushiwo uMoridekayi,
njengoba nje ayenza ngesikha-
thi esamnakekela.[e]

**21** Ngalezo zinsuku lapho
uMoridekayi ehlezi esangweni
lenkosi, uBhigithani noThere-
shi, izikhulu ezimbili zegceke
zenkosi, abalindimnyango, ba-
thukuthela futhi bakha icebo
lokubulala* iNkosi u-Ahashive-
roshi. **22** Kodwa uMoridekayi
wezwa ngalokhu, wayesetshe-
la iNdlovukazi u-Esteri ngoku-
shesha. U-Esteri wabe esekhu-
luma nenkosi egameni likaMo-
ridekayi. **23** Ngakho le ndaba
yaphenywa, kwatholakala uku-
thi iyiqiniso futhi bobabili bale-
ngiswa esigxotsheni; konke lo-
khu kwabhalwa phambi kwe-
nkosi, encwadini yomlando.[f]

**3** Ngemva kwalokhu iNkosi
u-Ahashiveroshi yamnike-
za isikhundla uHamani,[g] indo-
dana kaHamedatha umAgagi,[h]
yamphakamisa ngokubeka isi-
hlalo sakhe sobukhosi ngaphe-
zu kwazo zonke ezinye izikhu-
lu ezazikanye naye.[a] **2** Zonke
izinceku zenkosi ezazisesa-
ngweni lenkosi zazikhothamela
uHamani ziguqe phambi kwa-
khe, ngoba yilokho inkosi eya-
yikuyalile ngokuqondene naye.
Kodwa uMoridekayi wenqa-
ba ukukhothama noma ukugu-
qa. **3** Ngakho izinceku zenko-
si ezazisesangweni lenkosi za-
thi kuMoridekayi: "Kungani
uwushaya indiva umyalo we-
nkosi?" **4** Zazimbuza usuku
nosuku, kodwa akazilalelanga.
Zabe sezitshela uHamani uku-
ze zibone ukuthi okwakwenzi-
wa uMoridekayi kwakuyobeke-
zelelwa yini;[b] ngoba wayezi-
tshelile ukuthi yena ungum-
Juda.[c]

**5** Lapho uHamani ebona
ukuthi uMoridekayi wayenqa-
ba ukumkhothamela nokugu-
qa phambi kwakhe, wathuku-
thela kakhulu.[d] **6** Kodwa wa-
yengafuni ukubulala* uMoride-
kayi yedwa ngoba wayetsheli-
we ngabantu bakubo kaMori-
dekayi. Ngakho uHamani wafu-
na ukuwabhuqa aphele nya wo-
nke amaJuda ayekuwo wonke
umbuso ka-Ahashiveroshi, bo-
nke abantu bakubo kaMoride-
kayi.

**7** Ngenyanga yokuqala, oku-
ngukuthi, inyanga kaNisa-
ni,* ngonyaka ka-12[e] weNkosi
u-Ahashiveroshi, benza iPhu-
re,[f] (okungukuthi, iNkatho)
phambi kukaHamani ukuze ba-
thole usuku nenyanga, inka-
tho yadla inyanga ka-12, oku-
ngukuthi, inyanga ka-Adari.*[g]
**8** UHamani wabe esethi eNko-
sini u-Ahashiveroshi: "Kunesi-
zwe esithile esihlakazekile ne-
sisakazeke phakathi kwezizwe[h]

---

**2:17** *Noma, "iduku lokushuqula lasebukhosini." **2:21** *NgesiHebheru, "lokubeka isandla."

**3:6** *NgesiHebheru, "ukubeka isandla."
**3:7** *Bheka iSithasiselo B15.

---

ISAHL. 2
a Est 4:14
b Est 1:19
c Est 2:3, 4
d Est 2:5, 6; Est 3:8
e Est 2:7, 10
f Est 6:1, 2

ISAHL. 3
g Est 3:10; Est 8:7; Est 9:24
h Eks 17:16; Num 24:7; Dut 25:19; 1Sa 15:8, 32

Uhla 2
a Est 1:14
b Dan 6:13
c Est 2:5
d Est 5:9
e Est 1:3; Est 2:16
f Est 9:24
g Est 9:1
h Dut 4:27; Neh 1:8; Jer 50:17

kuzo zonke izifundazwe* zo-
mbuso wakho,[a] imithetho yaso
ihlukile kweyezinye izizwe; asi-
yilaleli imithetho yenkosi, futhi
ngeke kuyizuzise inkosi ukusi-
yeka. **9** Uma kukuhle enkosi-
ni, makubhalwe umyalo wo-
kuba sibhujiswe. Ngizokhokhe-
la izikhulu amathalenta* esili-
va angu-10 000 ukuze ziwafake
emcebweni wenkosi.”#

**10** Kulokho, inkosi yakhipha
indandatho enophawu[b] esa-
ndleni sayo yayinika uHama-
ni[c] indodana kaHamedatha um-
Agagi,[d] owayeyisitha samaJu-
da. **11** Inkosi yathi kuHama-
ni: “Unikwa isiliva nabantu
ukuze wenze kubo lokho oku-
bona kufaneleka.” **12** Kwabe
sekubizwa onobhala benkosi[e]
ngenyanga yokuqala ngosuku
luka-13. Bakubhala[f] konke uHa-
mani ayekuyale ababusi be-
zifundazwe benkosi nezindu-
na zezifundazwe* nezikhulu
zezizwe ezihlukahlukene, esi-
fundazweni# ngasinye incwa-
di ebhalwe ngokwendlela yaso
yokubhala, esizweni ngasinye
incwadi ebhalwe ngolimi lwa-
so. Kwabhalwa egameni leNko-
si u-Ahashiveroshi futhi kwa-
phawulwa ngendandatho ye-
nkosi enophawu.[g]

**13** Kwathunyelwa izincwa-
di ngezithunywa kuzo zonke
izifundazwe* zenkosi, ezazi-
yala ukuba kuqothulwe, ku-
bulawe futhi kubhujiswe wo-
nke amaJuda, omncane nomda-
la, izingane nabesifazane, ngo-
suku olulodwa, ngosuku luka-
13 lwenyanga ka-12, okungu-
kuthi, inyanga ka-Adari,[a] no-
kuba kuphangwe izinto aba-
nazo.[b] **14** Kwakumele kukhi-
shwe ikhophi yombhalo ibe um-
thetho kuzo zonke izifundazwe,
umenyezelwe kuzo zonke izi-
zwe, ukuze zilungele lolo suku.
**15** Izithunywa zaphuma ngo-
kushesha[c] ngokomyalo wenko-
si; umthetho ngokwawo wakhi-
shwa esigodlweni* iShushani.#[d]
Inkosi noHamani bahlala pha-
nsi ukuze baphuze, kodwa ido-
lobha laseShushani△ lalinesi-
phithiphithi.

**4** Lapho uMoridekayi[e] ezwa
ngakho konke okwakwenzi-
we,[f] waklebhula izingubo za-
khe wagqoka indwangu yesaka
wazithela ngomlotha. Ngemva
kwalokho wasuka waya phaka-
thi nedolobha, ekhala kakhulu
kalusizi. **2** Wahamba waze
wafika esangweni lenkosi, ngo-
ba akukho muntu okwaku-
mele angene esangweni lenko-
si egqoke indwangu yesaka.
**3** Kuzo zonke izifundazwe*[g] la-
pho izwi lenkosi nomyalo wayo
kwakufinyelela khona, kwaba
khona isililo esikhulu phaka-
thi kwamaJuda, nokuzila uku-
dla[h] nokukhala nokuklabala-
sa. Abaningi babelala ezindwa-
ngwini zamasaka nasemlothe-
ni.[i] **4** Lapho izinceku zika-
Esteri nabathenwa bakhe be-
ngena futhi bemtshela, indlo-
vukazi yezwa ubuhlungu obu-
khulu. Yabe isithumela izingu-
bo kuMoridekayi ukuba azigqo-
ke esikhundleni sendwangu ya-
khe yesaka, kodwa wazenqaba.
**5** U-Esteri wabe esebiza uHa-
thaki, omunye wabathenwa be-
nkosi, lowo inkosi eyayimmise

ISAHL. 3
a Est 1:1
b Gen 41:42
c Est 3:1; Est 8:2
d Num 24:7; 1Sa 15:8, 32
e Est 8:9
f Dan 6:8
g Est 8:8; Dan 6:17

Uhla 2
a Est 9:1
b Est 8:11, 12
c Est 8:14
d Ezr 4:9; Neh 1:1; Dan 8:2

ISAHL. 4
e Est 2:5
f Est 3:8-11
g Est 1:1
h 2Kr 20:3; Ezr 8:21
i Dan 9:3

**3:8** *Noma, “izifunda.” **3:9** *Ithalenta lalilingana no-34,2 kg. Bheka iSithasiselo B14. #Noma kungaba, “Ngizokhokhela labo abenza lo msebenzi amathalenta esiliva angu-10 000 ukuba bawafake emcebweni wenkosi.” **3:12** *Noma, “zezifunda zombuso.” #Noma, “esifundeni sombuso.” **3:13; 4:3** *Noma, “izifunda zombuso.”

**3:15** *Noma, “enqabeni.” #Noma, “iSusa.” △Noma, “waseSusa.”

njengesikhonzi sakhe, wamyala ukuba athole kuMoridekayi ukuthi lokhu kwakusho ukuthini nokuthi kwakwenzekani.

**6** Ngakho uHathaki waphuma waya kuMoridekayi esigcawini sedolobha esasingaphambi kwesango lenkosi. **7** UMoridekayi wamtshela ngazo zonke izinto ezazimehlele nangayo yonke imali[a] uHamani ayethembise ukuthi uzoyikhokha ifakwe emcebweni wenkosi ukuze amaJuda abhujiswe.[b] **8** Wamnika nekhophi yomyalo wokuba babulawe owawukhishwe eShushani.*[c] Kwakumele ayitshengise u-Esteri futhi amchazele ngayo, amyale[d] ukuba angene enkosini acelele abantu bakubo umusa wayo futhi abanxusele ngokuqondile kuyo.

**9** UHathaki wabuya, watshela u-Esteri okwakushiwo uMoridekayi. **10** U-Esteri waphendula uHathaki wamtshela lokho uMoridekayi[e] okwakufanele akwenze: **11** "Zonke izinceku zenkosi nabantu bezifundazwe* zenkosi bayazi ukuthi uma noma iyiphi indoda noma owesifazane engena egcekeni lenkosi elingaphakathi[f] engabizwanga, munye nje kuphela umthetho osebenzayo: Kumele abulawe. Angaphila kuphela uma inkosi yelulela kuye intonga yegolide.[g] Manje sekuphele izinsuku ezingu-30 inkosi ingangibizile."

**12** Lapho uMoridekayi etshelwa lokho u-Esteri ayekushilo, **13** waphendula u-Esteri wathi: "Ungacabangi ukuthi ngenxa yokuthi usendlini yenkosi, usethubeni elingcono lokusinda kunamanye amaJuda. **14** Ngoba uma uthula manje, ukusindiswa nokukhululwa kwamaJuda kuyovela kwenye indawo,[a] kodwa wena nendlu kayihlo niyoshabalala. Kwazi bani? Mhlawumbe uthole isikhundla sasebukhosini ngenxa yesikhathi esinjengalesi."[b]

**15** U-Esteri waphendula uMoridekayi wathi: **16** "Hamba uqoqe wonke amaJuda aseShushani* bese nizila ukudla[c] ngenxa yami. Ningadli futhi ningaphuzi izinsuku ezintathu,[d] ubusuku nemini. Nami nezinceku zami sizozila ukudla. Ngizongena enkosini, okuyinto ephambene nomthetho, futhi uma kumele ngife, ngizokufa." **17** Ngakho uMoridekayi wahamba wayokwenza konke u-Esteri ayemyale ngakho.

**5** Kwathi ngosuku lwesithathu[e] u-Esteri wagqoka izingubo zasebukhosini, wayesema egcekeni elingaphakathi lendlu yenkosi,* eliqondene nendlu yenkosi, ngesikhathi inkosi ihlezi esihlalweni sayo sobukhosi endlini yobukhosi maqondana nomnyango. **2** Lapho nje inkosi ibona iNdlovukazi u-Esteri imi egcekeni, yathola umusa enkosini, futhi inkosi yelulela ku-Esteri intonga yayo yegolide[f] eyayisesandleni sayo. U-Esteri wayesesondela wathinta isihloko sentonga.

**3** Inkosi yambuza: "Ukhala ngani, Esteri ndlovukazi? Siyini isicelo sakho? Ngisho noma kungaba uhhafu wombuso wami, uzonikwa wona!" **4** U-Esteri waphendula: "Uma kukuhle enkosini, inkosi mayize noHamani[g] namuhla edilini engiyilungiselele lona." **5** Ngakho inkosi yathi kubantu bayo: "Tshelani uHamani uku-

ISAHL. 4
a Est 3:9
b Est 3:8, 13
c Est 3:14, 15
d Est 2:20
e Est 2:5, 7
f Est 5:1
g Est 5:2; Est 8:4

Uhla 2
a 1Sa 12:22; Isay 54:17
b Est 2:17
c 2Kr 20:3; Ezr 8:21
d Est 5:1

ISAHL. 5
e Est 4:16
f Est 4:11; Est 8:4
g Est 3:1, 10

**4:8** *Noma, "eSusa." **4:11** *Noma, "bezifunda zombuso."

**4:16** *Noma, "aseSusa." **5:1** *Noma, "lesigodlo."

ba eze ngokushesha ngokwesi-
celo sika-Esteri.” Ngakho inko-
si noHamani baya edilini elale-
nziwe u-Esteri.
**6** Phakathi nedili lewayini,
inkosi yathi ku-Esteri: “Ukhala
ngani? Uzonikwa kona! Siyini
isicelo sakho? Ngisho noma ku-
ngaba uhhafu wombuso wami,
uzonikwa wona!”[a] **7** U-Esteri
waphendula: “Engikhala nga-
kho nesicelo sami ukuthi,
**8** Uma ngithole umusa enkosi-
ni futhi uma kukuhle enkosini
ukunginika engikhala ngakho
nokwenza ngokwesicelo sami,
inkosi noHamani mabeze edili-
ni engizobenzela lona kusasa;
kusasa ngizokwenza njengoku-
sho kwenkosi.”
**9** Ngalolo suku uHamani wa-
phuma ejabula futhi inhlizi-
yo yakhe yeneme. Kodwa la-
pho uHamani ebona uMoride-
kayi esangweni lenkosi epha-
wula nokuthi akasukumi futhi
akethuki ngenxa yakhe, uHa-
mani wamthukuthelela kakhu-
lu uMoridekayi.[b] **10** Nokho,
uHamani wazithiba futhi waya
endlini yakhe. Wabe esethu-
mela ukuba kubizwe abanga-
ni bakhe noZereshi[c] umkakhe.
**11** UHamani waqhosha ngobu-
ningi bengcebo yakhe, nga-
madodana akhe amaningi[d] na-
ngendlela inkosi eyayimphaka-
mise ngayo neyayimenze ngayo
waba ngaphezu kwezikhulu ne-
zinceku zenkosi.[e]
**12** UHamani wanezela: “Nga-
phezu kwalokho, iNdlovuka-
zi u-Esteri ayimemanga muntu
ngaphandle kwami ukuba aha-
mbe nenkosi aye edilini elenzi-
le.[f] Nakusasa ngimenyiwe uku-
ba ngibe nayo kanye nenkosi.[g]
**13** Kodwa konke lokhu akunga-
nelisi uma nje ngisabona uMori-
dekayi umJuda ehlezi esangwe-
ni lenkosi.” **14** Ngakho uZere-
shi umkakhe nabo bonke aba-
ngani bakhe bathi kuye: “Misa
isigxobo esingaba amamitha
angu-22,3* ukuphakama. Bese
kuthi ekuseni utshele inko-
si ukuthi uMoridekayi kufanele
alengiswe kuso.[a] Ngemva kwa-
lokho ungene edilini uzijabuli-
se nenkosi.” Lokhu kwathande-
ka kuHamani, ngakho wasimisa
isigxobo.

**6** Ngalobo busuku inkosi ya-
qwasha.* Ngakho yathi
makulethwe incwadi yomla-
ndo,[b] futhi yafundelwa yona.
**2** Kuyo kwatholakala kubhalwe
lokho uMoridekayi ayekubikile
ngoBhigithani noThereshi, izi-
khulu ezimbili zegceke zenkosi,
abalindimnyango, ababecebe
ukubulala* iNkosi u-Ahashive-
roshi.[c] **3** Inkosi yabuza: “UMo-
ridekayi wadunyiswa futhi wa-
hlonishwa kanjani ngalokhu?”
Izinceku zenkosi zathi: “Ake-
nzelwanga lutho.”
**4** Kamuva inkosi yathi:
“Ubani osegcekeni?” UHamani
wayesanda kungena egcekeni
elingaphandle[d] lendlu yenkosi*
ezokhuluma nenkosi ngokule-
ngisa uMoridekayi esigxotshe-
ni ayesilungisele yena.[e] **5** Izi-
nceku zenkosi zathi kuyo:
“NguHamani[f] omi egcekeni.”
Ngakho inkosi yathi: “Mngeni-
seni.”
**6** Lapho uHamani engena,
inkosi yathi kuye: “Yini oku-
fanele yenzelwe umuntu inko-
si efisa ukumdumisa?” UHa-
mani wathi enhliziyweni ya-
khe: “Ubani inkosi engafisa
ukumnikeza udumo ngaphezu

ISAHL. 5
*a* Est 7:2
*b* Est 3:2-5
*c* Est 5:14; Est 6:13
*d* Est 9:7-10
*e* Est 3:1
*f* Est 5:5
*g* Est 5:8

Uhla 2
*a* Est 6:4; Est 7:9

ISAHL. 6
*b* Est 10:2
*c* Est 2:21, 23
*d* Est 4:11
*e* Est 5:14
*f* Est 3:1

**5:14** *Izingalo ezingu-50. Bheka iSithasiselo B14. **6:1** *NgesiHebheru, “inkosi yaphelelwa ubuthongo.” **6:2** *NgesiHebheru, “ukubeka isandla.” **6:4** *Noma, “lesigodlo.”

kwami?”[a] **7** Ngakho uHamani wathi enkosini: “Umuntu inkosi efisa ukumdumisa, **8** makalethelwe ingubo yasebukhosini[b] egqokwa inkosi nehhashi eligitshelwa yinkosi elithweswe umnqwazo wasebukhosini ekhanda. **9** Leyo ngubo nehhashi makuphathiswe esinye sezikhulu zenkosi eziyizicukuthwane, bese bemgqokisa lo muntu inkosi efisa ukumdumisa, bamgibelise ehhashini esigcawini sedolobha. Kufanele bamemeze phambi kwakhe bathi: ‘Wenzelwa lokhu umuntu inkosi efisa ukumdumisa!’ ”[c] **10** Ngaso leso sikhathi inkosi yathi kuHamani: “Shesha! Thatha ingubo nehhashi, wenze kuMoridekayi, umJuda ohlezi esangweni lenkosi, njengoba nje ushilo. Ungashiyi nokukodwa ezintweni ozishilo.”

**11** Ngakho uHamani wathatha ingubo nehhashi, wagqokisa uMoridekayi[d] wamgibelisa ehhashini esigcawini sedolobha futhi wamemeza phambi kwakhe wathi: “Wenzelwa lokhu umuntu inkosi efisa ukumdumisa.” **12** Ngemva kwalokho uMoridekayi wabuyela esangweni lenkosi, kodwa uHamani waphuthuma endlini yakhe, elila ezemboze ikhanda. **13** Ngesikhathi uHamani elandisa uZereshi[e] umkakhe nabo bonke abangani bakhe konke okwakumehlele, abeluleki bakhe abahlakaniphile* nomkakhe uZereshi bathi kuye: “Uma kungukuthi uMoridekayi, osuqalile ukuwa phambi kwakhe, uvela enzalweni yamaJuda, ngeke umnqobe; nakanjani uzowa phambi kwakhe.”

**14** Besakhuluma naye, kwafika izikhulu zegceke zenkosi futhi zamthatha ngokushesha uHamani zamyisa edilini u-Esteri ayelenzile.[a]

**7** Ngakho inkosi noHamani[b] bangena edilini leNdlovukazi u-Esteri. **2** Inkosi yaphinde yathi ku-Esteri ngosuku lwesibili phakathi nedili lewayini: “Ukhala ngani, Esteri ndlovukazi? Uzonikwa kona. Siyini isicelo sakho? Ngisho noma kungaba uhhafu wombuso wami, uzonikwa wona!”[c] **3** INdlovukazi u-Esteri yaphendula: “O nkosi, uma ngithole umusa kuwe, futhi uma kukuhle enkosini, manginikwe ukuphila* kwami njengokunxusa kwami nabantu bakithi njengesicelo sami.[d] **4** Ngoba sithengisiwe,[e] mina nabantu bakithi, ukuba siqothulwe, sibulawe futhi sibhujiswe.[f] Ukube besimane sathengiswa ukuba sibe yizigqila zabesilisa nabesifazane, bengizothula. Kodwa lolu sizi alufaneleki ngoba luzodalela inkosi umonakalo.”

**5** INkosi u-Ahashiveroshi yabe isithi eNdlovukazini u-Esteri: “Ubani lowo, futhi uphi lowo muntu oqunge isibindi sokwenza into enjalo?” **6** U-Esteri wathi: “Umphikisi nesitha yilo Hamani okhohlakele.”

UHamani wethuka kakhulu ngenxa yenkosi nendlovukazi. **7** Inkosi yasukuma edilini lewayini ithukuthele ingqangqa[#] yaya engadini yesigodlo, kodwa uHamani wasukuma wancenga iNdlovukazi u-Esteri ukuba isindise ukuphila* kwakhe ngoba wabona ukuthi inkosi izimisele ukumjezisa. **8** Inkosi yabuya engadini yesigodlo ya-

**ISAHL. 6**
*a* Est 3:2; Est 5:11
*b* Est 8:15
*c* Gen 41:42, 43
*d* Est 2:5, 6
*e* Est 5:10, 14

**Uhla 2**
*a* Est 5:8

**ISAHL. 7**
*b* Est 3:1
*c* Est 5:3, 6
*d* Est 2:5, 7
*e* Est 3:8, 9
*f* Est 3:13; Est 4:7, 8

**6:13** *NgesiHebheru, “amadoda akhe ahlakaniphile.”

**7:3, 7** *Noma, “umphefumulo.” **7:7** #Noma, “ithukuthele kakhulu.”

buyela endlini yedili lewayi-
ni, yabona ukuthi uHamani wa-
yeseziphonse phezu kukaso-
fa u-Esteri ayekuwo. Inkosi ya-
babaza: “Ingabe uzodlwengula
indlovukazi endlini yami?” Nge-
mva nje kokuba inkosi isho la
mazwi, babumboza ubuso bu-
kaHamani. **9** UHaribona,[a] esi-
nye sezikhulu zegceke ze-
nkosi, wabe esethi: “UHama-
ni uphinde walungisela uMo-
ridekayi isigxobo,[b] lowo umbi-
ko wakhe owasindisa inkosi.[c]
Simi endlini kaHamani, singa-
mamitha angaba ngu-22,3* uku-
phakama.” Inkosi yathi: “Mle-
ngiseni kuso.” **10** Ngakho ba-
mlengisa uHamani esigxotshe-
ni ayesilungisele uMoridekayi,
ulaka lwenkosi lwabohla.

**8** Ngalolo suku iNkosi u-Aha-
shiveroshi yanika iNdlovu-
kazi u-Esteri indlu kaHamani,[d]
isitha samaJuda;[e] futhi uMori-
dekayi wangena phambi kwe-
nkosi, ngoba u-Esteri wayeseyi-
tshelile ukuthi uhlobene ka-
njani naye.[f] **2** Inkosi yabe isi-
khipha indandatho yayo eno-
phawu[g] eyayiyiphuce uHa-
mani yayinika uMoridekayi.
U-Esteri wabeka uMoridekayi
ukuba engamele indlu kaHa-
mani.[h]

**3** Ngaphezu kwalokho, u-Es-
teri waphinde wakhuluma ne-
nkosi. Wawela phansi ezinya-
weni zayo wakhala, wayince-
nga ukuba ilungise umonaka-
lo owawenziwe uHamani um-
Agagi necebo lakhe ayela-
khele amaJuda.[i] **4** Inkosi ye-
lulela intonga yayo yegoli-
de ku-Esteri,[j] u-Esteri wasuku-
ma wama phambi kwenkosi.
**5** Wathi: “Uma kukuhle enko-
sini, uma ngithole umusa wayo
futhi kubonakala kufaneleka
enkosini nami ngimuhle eme-
hlweni ayo, makubhalwe umya-
lo ochitha izincwadi zeqili eli-
nguHamani[a] indodana kaHame-
datha umAgagi,[b] azibhala uku-
ze kubhujiswe amaJuda aku-
zo zonke izifundazwe* zenkosi.
**6** Ngoba ngingakubekezelela
kanjani ukubukela inhlekelele
ezofikela abantu bakithi, ngi-
ngakubekezelela kanjani uku-
bukela ukubhujiswa kwezihlo-
bo zami?”

**7** Ngakho iNkosi u-Ahashi-
veroshi yathi ku-Esteri indlo-
vukazi nakuMoridekayi umJu-
da: “Lalelani! Indlu kaHamani
ngiyinike u-Esteri[c] futhi ngithe
uHamani makalengiswe esigxo-
tsheni[d] ngenxa yecebo lakhe
lokuhlasela amaJuda. **8** Ma-
nje seningabhala egameni le-
nkosi noma yini eniyibona ifa-
neleka ngokuphathelene nama-
Juda, nikubeke uphawu nge-
ndandatho yenkosi enophawu,
ngoba umyalo obhalwe ega-
meni lenkosi wabekwa uphawu
ngendandatho yenkosi awuso-
ze wachithwa.”[e]

**9** Ngakho ngaso leso sikha-
thi kwabizwa onobhala benkosi
ngenyanga yesithathu, okungu-
kuthi, inyanga kaSivani,* ngo-
suku luka-23, babhala konke
uMoridekayi ayekuyale amaJu-
da nababusi bezifundazwe,[f]
abaphathi nezikhulu zezifunda-
zwe#[g] kusukela eNdiya kuze
kube seTopiya, izifundazwe*
ezingu-127, esifundazweni⊠ nga-
sinye incwadi ebhalwe ngokwe-
ndlela yaso yokubhala, esizwe-
ni ngasinye incwadi ebhalwe
ngolimi lwaso, nakumaJuda
incwadi ebhalwe ngokwendlela

ISAHL. 7
a Est 1:10
b Est 5:14
c Est 6:2

ISAHL. 8
d Est 5:11
e Est 3:8; Est 9:24
f Est 2:5, 7
g Gen 41:41, 42; Est 3:10; Dan 6:17
h Dan 2:48
i Est 3:9; Est 7:4; Est 9:24, 25
j Est 4:11

Uhla 2
a Est 3:12, 14
b Eks 17:16; Num 24:7; Dut 25:19; 1Sa 15:8, 33
c Est 8:1
d Est 7:10
e Dan 6:8, 15
f Dan 6:1
g Est 9:3

7:9 *Siyizingalo ezingu-50. Bheka iSithasiselo B14.

8:5, 9 *Noma, “izifunda zombuso.” 8:9 #Bheka iSithasiselo B15. △Noma, “zezifunda zombuso.” ⊠Noma, “esifundeni sombuso.”

yawo yokubhala nangolimi
lwawo.
**10** Wakubhala egameni le-
Nkosi u-Ahashiveroshi, waku-
phawula ngendandatho yenko-
si enophawu[a] wayesethumela
izincwadi ezibhaliwe ngezithu-
nywa zeposi ezigibela amahha-
shi; zagibela amahhashi epo-
si anejubane, afuyelwe inkonzo
yasebukhosini. **11** Kulezi zi-
ncwadi inkosi yagunyaza ama-
Juda ayekuwo wonke amadolo-
bha ahlukahlukene ukuba abu-
thane ndawonye alwele uku-
phila* kwawo, abhuqe, abu-
lale futhi abhubhise noma
imaphi amabutho anoma iba-
phi abantu noma ezifunda-
zwe# angase awahlasele, ku-
hlanganise abesifazane nezi-
ngane nokuba aphange impa-
hla yabo.[b] **12** Lokhu kwaku-
zokwenzeka ngosuku olulodwa
kuzo zonke izifundazwe* ze-
Nkosi u-Ahashiveroshi, ngosu-
ku luka-13 lwenyanga ka-12,
okungukuthi, inyanga ka-Ada-
ri.[#c] **13** Okwakubhalwe# kule
ncwadi kwakuzokhishwa kube
umthetho kuzo zonke izifunda-
zwe.* Kwakumele kumenyeze-
lwe kuzo zonke izizwe ukuze
ngalolo suku amaJuda alunge-
le ukuziphindiselela ezitheni
zawo.[d] **14** Izithunywa zeposi,
ezigibela amahhashi eposi ase-
tshenziswa enkonzweni yase-
bukhosini, zaphuthuma zaphu-
ma ngejubane njengoba inko-
si yayiyalile. Lo mthetho wa-
khishwa nasesigodlweni* iShu-
shani.[#e]
**15** Ngakho uMoridekayi wa-
phuma phambi kwenkosi egqo-
ke ingubo yasebukhosini eno-
mbala oluhlaza okwesibhaka-
bhaka nomhlophe, efake um-
qhele omkhulu wegolide ne-
ngubo yendwangu esezingeni
eliphezulu yoboya obuphephu-
li.[a] Idolobha laseShushani* la-
memeza ngenjabulo. **16** Kwa-
ba khona ukukhululeka* noku-
jabula nokuthokoza kumaJuda
futhi athola udumo. **17** Kuzo
zonke izifundazwe* nakuwo
wonke amadolobha, nomaphi
lapho umyalo wenkosi nomthe-
tho wayo wawufinyelela khona,
amaJuda ayejabula, ethokoza,
enza amadili nemigubho. Aba-
ntu abaningi bezwe babethi ba-
ngamaJuda,[b] ngoba babesaba
amaJuda.

**9** Ngosuku luka-13 lwenyanga
ka-12, okungukuthi, inyanga
ka-Adari,[#c] lapho kufika isikha-
thi sokuba kugcinwe izwi le-
nkosi nomthetho wayo,[d] ngo-
suku izitha zamaJuda ezazi-
nethemba lokuwanqoba ngalo,
kwenzeka okuphambene, ama-
Juda abanqoba labo ababe-
wazonda.[e] **2** AmaJuda aqoqa-
na ndawonye ezindaweni zawo
kuzo zonke izifundazwe* ze-
Nkosi u-Ahashiveroshi,[f] ukuze
abulale labo ababefuna uku-
walimaza, futhi akukho mu-
ntu owakwazi ukumelana nawo
ngoba zonke izizwe zaziwe-
saba.[g] **3** Zonke izikhulu zezi-
fundazwe,* ababusi bezifunda-
zwe,[h] abaphathi nalabo ababe-
nza imisebenzi yenkosi, babe-
siza amaJuda ngoba babemesa-
ba uMoridekayi. **4** UMoride-
kayi wayesenamandla[i] endlini
yenkosi;# udumo lwakhe lwa-
sakazeka kuzo zonke izifunda-
zwe,* ngoba uMoridekayi waye-

**8:11** *Noma, "imiphefumulo." #Noma, "ezifunda zombuso." **8:12, 13, 17; 9:2, 4** *Noma, "izifunda zombuso." **8:12; 9:1** #Bheka iSithasiselo B15. **8:13** #Noma, "Ikhophi." **8:14** *Noma, "nasenqabeni." #Noma, "iSusa."

**8:15** *Noma, "laseSusa." **8:16** *NgesiHebheru, "ukukhanya." **9:3** *Noma, "zezifunda zombuso." **9:4** #Noma, "esigodlweni."

ISAHL. 8
a Est 8:2
b Est 9:5-10
c Est 3:13; Est 9:1, 2; Est 9:16, 17
d Hu 149:6, 7
e Ezr 4:9; Neh 1:1; Est 1:2; Dan 8:2

Uhla 2
a Est 6:7, 8
b Zak 8:23

ISAHL. 9
c Est 3:7; Est 8:11, 12
d Est 3:13
e Dut 32:36; 2Sa 22:41
f Est 1:1
g Est 8:17
h Dan 6:1
i Est 8:15

qhubeka eba namandla naka-
khulu.
**5** AmaJuda abulala zonke
izitha zawo ngenkemba, ezi-
bulala futhi ezibhubhisa; enza
noma yini ayithandayo ku-
labo ababewazonda.[a] **6** Esigo-
dlweni* iShushani,#[b] amaJu-
da abulala futhi abhubhi-
sa abantu abangu-500. **7** Abu-
lala noPharishandatha, uDa-
lifoni, u-Asiphatha, **8** uPho-
ratha, u-Adaliya, u-Arida-
tha, **9** uPharimashita, u-Ari-
sayi, u-Aridayi noVayizatha,
**10** amadodana ayishumi kaHa-
mani indodana kaHamedatha,
isitha samaJuda.[c] Kodwa nge-
mva kokubabulala, awayitha-
thanga impahla yabo.[d]
**11** Ngalolo suku isibalo sa-
babebulewe esigodlweni* iShu-
shani# sabikwa enkosini.
**12** Inkosi yathi ku-Este-
ri indlovukazi: "Esigodlweni*
iShushani# amaJuda abula-
le futhi abhubhisa abantu aba-
ngu-500 namadodana ayishu-
mi kaHamani. Yini-ke ayenzile
kwezinye izifundazwe△ zenko-
si?[e] Manje ukhala ngani? Uzo-
nikwa kona. Yini enye oyicela-
yo? Izokwenziwa." **13** U-Este-
ri waphendula: "Uma kukuhle
enkosini,[f] amaJuda aseShusha-
ni* mawavunyelwe nakusasa
ukuba enze ngokomthetho wa-
namuhla;[g] amadodana ayishu-
mi kaHamani mawalengiswe
esigxotsheni."[h] **14** Ngakho
inkosi yayala ukuba kwenziwe
lokho. Kwakhishwa umthetho
eShushani,# kwalengiswa ama-
dodana ayishumi kaHamani.
**15** AmaJuda aseShushani*
aphinde aqoqana ndawonye
ngosuku luka-14 lwenyanga ka-
Adari[a] abulala abantu abangu-
300 eShushani,# kodwa awayi-
thathanga impahla yabo.
**16** Wonke amanye amaJuda
ezifundazweni* zenkosi, nawo
aqoqana ndawonye alwela uku-
phila kwawo.[b] Anqoba izitha
zawo,[c] abulala abangu-75 000
kulabo ababewazonda; kodwa
awayithathanga impahla yabo.
**17** Lokho kwenzeka ngosu-
ku luka-13 lwenyanga ka-Adari,
aphumula ngosuku luka-14, fu-
thi alwenza lwaba usuku lwedi-
li nolokujabula.
**18** AmaJuda aseShushani*
aqoqana ndawonye ngosuku
luka-13[d] nangosuku luka-14,[e]
aphumula ngosuku luka-15, fu-
thi alwenza lwaba usuku lwe-
dili nolokujabula. **19** Yinga-
kho amaJuda asemaphandle-
ni ahlala ezindaweni zezifunda
eziqhelile, enza usuku luka-14
lwenyanga ka-Adari lwaba usu-
ku lokujabula nolwedili, usuku
lokuthokoza[f] nesikhathi soku-
phana ukudla.[g]
**20** UMoridekayi[h] wazibhala
lezi zenzakalo futhi wathume-
la izincwadi kuwo wonke ama-
Juda ayekuzo zonke izifunda-
zwe△ zeNkosi u-Ahashiveroshi,
eziseduze nezikude. **21** Wawa-
yala ukuba agcine usuku
luka-14 lwenyanga ka-Adari no-
suku luka-15 unyaka ngamu-
nye, **22** ngoba ngalezo zinsu-
ku amaJuda ayephumule ezi-
theni zawo futhi ngaleyo nya-
nga usizi lwawo lwaphenduka
injabulo nokulila kwawo[i] kwa-
phenduka usuku lokuthokoza.
Kwakumele azigcine njengezi-
nsuku zedili nokujabula nanje-
ngezikhathi zokuphana ukudla
kanye nokupha abaswele izi-
pho.

ISAHL. 9
- a Est 8:11
- b Ezr 4:9; Neh 1:1; Est 1:2; Dan 8:2
- c Est 3:8, 10; Est 7:4-6
- d Est 8:11; Est 9:16
- e Est 9:16
- f Est 5:8; Est 7:3; Est 8:5
- g Est 8:11
- h Est 7:10

Uhla 2
- a Est 9:21, 22
- b Est 7:3
- c Est 8:13; Hu 149:6, 7
- d Est 9:1, 2
- e Est 9:13, 15
- f Hu 124:2, 6
- g Neh 8:10
- h Est 2:5, 6
- i Est 4:1-3

**9:6, 12** *Noma, "Enqabeni." **9:6, 11, 12** #Noma, "iSusa." **9:11** *Noma, "enqabeni." **9:12, 20** △Noma, "izifunda zombuso." **9:13, 15, 18** *Noma, "aseSusa." **9:14, 15** #Noma, "eSusa."

**9:16** *Noma, "ezifundeni zombuso."

**23** AmaJuda avuma uku-
qhubeka egubha usuku lwe-
njabulo nokwenza lokho uMo-
ridekayi ayewabhalele kona.
**24** Ngoba uHamani[a] indodana
kaHamedatha umAgagi,[b] isitha
sawo wonke amaJuda, wayece-
be ukubhubhisa amaJuda[c] fu-
thi wayenze iPhure,[d] okungu-
kuthi, iNkatho, ukuze awesabi-
se futhi awabhubhise. **25** Ko-
dwa lapho u-Esteri enge-
na phambi kwenkosi, yabha-
la lo myalo:[e] "Icebo lakhe eli-
bi alicebe ngamaJuda[f] malibu-
yele phezu kwekhanda lakhe";
futhi walengiswa kanye na-
madodana akhe esigxotsheni.[g]
**26** Yingakho amaJuda aqa-
mba lezi zinsuku ngokuthi
iPhurimi, ngegama lePhure.*[h]
Ngakho, ngenxa yakho konke
okwakubhalwe kuleyo ncwadi
nalokho akubona ngokupha-
thelene naleyo ndaba nalo-
kho okwakuwehlele, **27** ama-
Juda azibophezela wona ne-
nzalo yawo nabo bonke aba-
zihlanganisa[i] nawo ukuba ba-
zigubhe njalo lezi zinsuku ezi-
mbili nokuba bakugcine okwa-
kubhalwe mayelana nazo nge-
sikhathi esibekiwe unyaka nga-
munye. **28** Lezi zinsuku kwa-
kumele zikhunjulwe futhi zigci-
nwe yizo zonke izizukulwane,
yiyo yonke imindeni, izifunda-
zwe* namadolobha; lezi zinsu-
ku zePhurimi kwakungafane-
le ziphele phakathi kwamaJu-
da nokukhunjulwa kwazo kwa-
kungafanele kuphele phakathi
kwenzalo yawo.
**29** INdlovukazi u-Esteri,
indodakazi ka-Abhihayili, no-
Moridekayi umJuda babha-
la ngegunya eliphelele uku-
ze baqinisekise incwadi ye-
sibili ngokuphathelene ne-
Phurimi. **30** Kwathunyelwa
izincwadi kuwo wonke ama-
Juda asezifundazweni* ezi-
ngu-127,[a] umbuso ka-Ahashive-
roshi,[b] zinamazwi okuthula ne-
qiniso **31** ukuze kuqinisek-
swe ukugcinwa kwezinsuku
zePhurimi ngezikhathi zazo
ezibekiwe, njengoba nje uMo-
ridekayi umJuda neNdlovuka-
zi u-Esteri babebayale ukuba
benze,[c] nanjengoba nje babe-
zibophezele bona nenzalo yabo
ukuba bazigcine,[d] okuhlangani-
sa ukuzila ukudla[e] nokunxusa.[f]
**32** Umyalo ka-Esteri waziqini-
sekisa lezi zindaba ezimayela-
na nePhurimi,[g] futhi wabhalwa
encwadini.

**10** INkosi u-Ahashiveroshi
yayala ukuba kwenziwe
umsebenzi oyimpoqo ezweni
naseziqhingini zolwandle.
**2** Zonke izinto ezinamandla
nezinkulu eyazifeza kanye no-
kulandisa okuphelele kobu-
khulu bukaMoridekayi[h] inko-
si eyamphakamisela kubo,[i] ku-
lotshiwe encwadini yomlando[j]
wamakhosi aseMediya nase-
Pheresiya.[k] **3** Ngoba uMoride-
kayi umJuda wayengowesibili
ngobukhulu ngemva kweNko-
si u-Ahashiveroshi. Wayemkhu-
lu* phakathi kwamaJuda futhi
ehlonishwa abafowabo abani-
ngi, enzela abantu bakubo oku-
hle futhi ekhulumela inhlala-
kahle yayo# yonke inzalo ya-
kubo.

---

**9:26** *Elithi "iPhure," lisho "iNkatho." Igama elisebuningini elithi "iPhurimi" labe selibhekisela emkhosini wamaJuda owawugujwa ngenyanga ka-12 yekhalenda elingcwele. Bheka iSithasiselo B15.
**9:28** *Noma, "izifunda zombuso."
**9:30** *Noma, "asezifundeni zombuso."
**10:3** *Noma, "Wayaziswa kakhulu." #NgesiHebheru, "ekhulumela ukuthula kwayo."

---

ISAHL. 9
a Est 3:1
b Eks 17:16; Num 24:7; Dut 25:19; 1Sa 15:8, 33
c Est 3:8, 9
d Est 3:7
e Est 8:10
f Est 8:3
g Est 5:14; Est 7:10; Est 9:14
h Est 3:7
i Lev 24:22; Est 8:17

Uhla 2
a Est 8:9
b Est 1:1
c Est 9:20, 21
d Est 9:27
e 2Kr 20:3
f Est 4:1
g Est 9:26

ISAHL. 10
h Est 2:5, 6
i Est 8:15; Dan 2:48
j Ezr 4:15; Est 6:1
k Est 1:3; Dan 6:15

# UJOBE

**UHLU LOKUPHAKATHI**


1 Ubuqotho nengcebo kaJobe (1-5)
USathane ungabaza izisusa zikaJobe (6-12)
UJobe ulahlekelwa impahla yakhe kanye nezingane (13-19)
UJobe akamsoli uNkulunkulu (20-22)

2 USathane uphinde angabaze izisusa zikaJobe (1-5)
USathane uyavunyelwa ukuba ashaye umzimba kaJobe ngamathumba (6-8)
UmkaJobe uthi: "Thuka uNkulunkulu ufe!" (9, 10)
Kufika abangani bakaJobe abathathu (11-13)

3 UJobe uqalekisa usuku azalwa ngalo (1-26)
Ubuza ukuthi kungani ehlupheka (20, 21)

4 Inkulumo yokuqala ka-Elifazi (1-21)
Uhlekisa ngobuqotho bukaJobe (7, 8)
Ukhuluma ngomyalezo womoya (12-17)
'UNkulunkulu akazethembi izinceku zakhe' (18)

5 Inkulumo yokuqala ka-Elifazi iyaqhubeka (1-27)
'UNkulunkulu ubamba abahlakaniphile ebuqilini babo' (13)
'UJobe akufanele enqabe isiyalo sikaNkulunkulu' (17)

6 Impendulo kaJobe (1-30)
Uthi unesizathu sokukhala (2-6)
Abaduduzi bakhe bayakhohlisa (15-18)
"Amazwi ashiwo ngobuqotho awabuhlungu!" (25)

7 Impendulo kaJobe iyaqhubeka (1-21)
Ukuphila kunjengomsebenzi oyimpoqo (1, 2)
"Kungani amagalelo akho uwabhekise kimi?" (20)

8 Inkulumo yokuqala kaBhilidadi (1-22)
Uthi amadodana kaJobe onile (4)
'Ukube ubumsulwa, uNkulunkulu ubeyokuvikela' (6)
Uthi uJobe akamesabi uNkulunkulu (13)

9 Impendulo kaJobe (1-35)
Umuntu ofayo akanakuphikisana noNkulunkulu (2-4)
'UNkulunkulu wenza izinto ezingaphenyeki' (10)
Umuntu akanakumelana noNkulunkulu (32)

10 Impendulo kaJobe iyaqhubeka (1-22)
'Kungani uNkulunkulu elwa nami?' (2)
UNkulunkulu uqhathaniswa noJobe ofayo (4-12)
'Sengathi ngingakhululeka' (20)

11 Inkulumo yokuqala kaSofari (1-20)
Usola uJobe ngenkulumo eyize (2, 3)
Utshela uJobe ukuba adede kokubi (14)

12 Impendulo kaJobe (1-25)
"Angikho ezingeni eliphansi kwelenu" (3)
"Sengiyinhlekisa" (4)
'UNkulunkulu uhlakaniphile' (13)
UNkulunkulu ungaphezu kwabahluleli namakhosi (17, 18)

13 Impendulo kaJobe iyaqhubeka (1-28)
'Ngingancamela ukukhuluma noNkulunkulu' (3)
"Ningodokotela abangasizi ngalutho" (4)
"Ngiyazi ukuthi ngimsulwa" (18)
Ubuza ukuthi kungani uNkulunkulu embheka njengesitha (24)

14 Impendulo kaJobe iyaqhubeka (1-22)
Umuntu uphila isikhashana futhi ugcwele izinkathazo (1)
"Kukhona ithemba ngisho nangesihlahla" (7)
"O ukube ubungangithukusa eThuneni!" (13)
"Uma umuntu efa, angabuye aphile futhi?" (14)
UNkulunkulu uyolangazelela umsebenzi wezandla zakhe (15)

15 Inkulumo yesibili ka-Elifazi (1-35)
Uthi uJobe akamesabi uNkulunkulu (4)
Uthi uJobe uyagabadela (7-9)

‘UNkulunkulu akanalo ukholo kwabangcwele bakhe’ (15)
‘Umuntu ohluphekayo mubi’ (20-24)

16 Impendulo kaJobe (1-22)
“Ningabaduduzi abayinkathazo!” (2)
Uthi uNkulunkulu umenza isisulu sakhe (12)

17 Impendulo kaJobe iyaqhubeka (1-16)
“Ngizungezwe abahleki bosulu” (2)
“Ungenze inhlekisa” (6)
“IThuna liyoba ikhaya lami” (13)

18 Inkulumo yesibili kaBhilidadi (1-21)
Uveza okwehlela izoni (5-20)
Uthi uJobe akamazi uNkulunkulu (21)

19 Impendulo kaJobe (1-29)
Wenqaba ukusolwa “abangani” bakhe (1-6)
Uthi ulahliwe (13-19)
“Umkhululi wami uyaphila” (25)

20 Inkulumo yesibili kaSofari (1-29)
Uzizwa ehlazwe uJobe (2, 3)
Uthi uJobe mubi (5)
Uthi uJobe uyakujabulela ukona (12, 13)

21 Impendulo kaJobe (1-34)
‘Kungani ababi bechuma?’ (7-13)
Udalula “abaduduzi” bakhe (27-34)

22 Inkulumo yesithathu ka-Elifazi (1-30)
‘Umuntu angamzuzisa yini uNkulunkulu?’ (2, 3)
Usola uJobe ngobugovu nangokungabi nabulungisa (6-9)
‘Buyela kuNkulunkulu uvuselelwe’ (23)

23 Impendulo kaJobe (1-17)
Ufuna ukwethula udaba lwakhe phambi kukaNkulunkulu (1-7)
Uthi akamtholi uNkulunkulu (8, 9)
‘Ngihambe endleleni yakhe ngangaphambuka’ (11)

24 Impendulo kaJobe iyaqhubeka (1-25)
‘Kungani uNkulunkulu engalubeki usuku lwakhe lokwahlulela?’ (1)
Uthi uNkulunkulu uvumela ububi (12)
Izoni ziyabuthanda ubumnyama (13-17)

25 Inkulumo yesithathu kaBhilidadi (1-6)
‘Umuntu angaba kanjani msulwa phambi kukaNkulunkulu?’ (4)
Uthi ubuqotho bomuntu buyize (5, 6)

26 Impendulo kaJobe (1-14)
“Indlela enimsize ngayo ongenamandla!” (1-4)
‘UNkulunkulu ulengisa umhlaba phezu kweze’ (7)
“Kumane kuyingxenye encane nje yemisebenzi yakhe” (14)

27 UJobe uzimisele ukugcina ubuqotho (1-23)
‘Ngeke ngibulahle ubuqotho bami’ (5)
Abangemesabi uNkulunkulu abanathemba (8)
“Kungani enikukhulumayo kuyize leze?” (12)
Omubi ugcina engenalutho (13-23)

28 UJobe uqhathanisa ingcebo yomhlaba nokuhlakanipha (1-28)
Imisebenzi yomuntu yasemayini (1-11)
Ukuhlakanipha kuwedlula kude amapharele (18)
Ukwesaba uJehova kuwukuhlakanipha kwangempela (28)

29 UJobe ukhumbula izinsuku ezimnandi ngaphambi kokuvivinywa kwakhe (1-25)
Wayehlonishwa esangweni ledolobha (7-10)
Inkambo yakhe edlule yobulungisa (11-17)
Wonke umuntu wayesilalela iseluleko sakhe (21-23)

30 UJobe uchaza isimo sakhe esishintshile (1-31)
Abangelusizo lwalutho bamenza inhlekisa (1-15)
Kubonakala engalutholi usizo kuNkulunkulu (20, 21)
“Isikhumba sami sesimnyama” (30)

31 UJobe uvikela ubuqotho bakhe (1-40)
“Isivumelwano namehlo ami” (1)
Ucela ukukalwa uNkulunkulu (6)
Akasona isiphingi (9-12)
Akayena umthandi wemali (24, 25)
Akazikhonzi izithombe (26-28)

32 U-Elihu osemncane uqala ukuphawula (1-22)
Uthukuthelele uJobe nabangani bakaJobe (2, 3)
Ulinde ngenhlonipho ngaphambi kokuba akhulume (6, 7)
Iminyaka nje iyodwa ayimenzi umuntu ahlakaniphe (9)

U-Elihu ulangazelela ukukhuluma (18-20)

33 U-Elihu usola uJobe ngokuzibona elungile (1-33)
Kutholakala isihlengo (24)
Buyela ezinsukwini zobungqabavu bobusha bakho (25)

34 U-Elihu ulwela ubulungisa bukaNkulunkulu nezindlela zakhe (1-37)
UJobe wathi uNkulunkulu umgodlele ubulungisa (5)
UNkulunkulu weqiniso akalokothi enze okubi (10)
UJobe untula ulwazi (35)

35 U-Elihu uveza ukucabanga kukaJobe okuyiphutha (1-16)
UJobe uthe ulunge ngaphezu kukaNkulunkulu (2)
UNkulunkulu uphakeme kakhulu, isono asimlimazi (5, 6)
UJobe kufanele alinde uNkulunkulu (14)

36 U-Elihu ubabaza ubukhulu bukaNkulunkulu obungaphenyeki (1-33)
Abalalelayo bayachuma; abangamesabi uNkulunkulu bayalahlwa (11-13)
'Ukhona yini umfundisi onjengoNkulunkulu?' (22)
UJobe kufanele adumise uNkulunkulu (24)
"UNkulunkulu mkhulu kunalokho esingase sikwazi" (26)
UNkulunkulu ulawula imvula nombani (27-33)

37 Amandla emvelo embula ubukhulu bukaNkulunkulu (1-24)
UNkulunkulu angayiqeda imisebenzi yomuntu (7)
'Cabangisisa ngemisebenzi emangalisayo kaNkulunkulu' (14)
Abantu abanakumqonda uNkulunkulu (23)
Akekho umuntu okufanele acabange ukuthi uhlakaniphile (24)

38 UJehova ufundisa umuntu ngokuba phansi kwakhe (1-41)
'Wawukuphi lapho kudalwa umhlaba?' (4-6)
Amadodana kaNkulunkulu amemeza ehalalisa (7)
Imibuzo ngezinqubo ezingokwemvelo (8-32)
"Imithetho ebusa amazulu" (33)

39 Indalo eyizilwane ibonisa ukungazi komuntu (1-30)
Izimbuzi zezintaba nenyamazane (1-4)
Imbongolo yasendle (5-8)
Inkunzi yasendle (9-12)
Intshe (13-18)
Ihhashi (19-25)
Uheshe nokhozi (26-30)

40 Eminye imibuzo evela kuJehova (1-24)
UJobe uyavuma ukuthi akanalutho azolusho (3-5)
"Uyobungabaza yini ubulungisa bami?" (8)
UNkulunkulu uchaza amandla kaBhehemoti (15-24)

41 UNkulunkulu uchaza uLeviyathani omangalisayo (1-34)

42 UJobe uphendula uJehova (1-6)
Abangani abathathu bayalahlwa (7-9)
UJehova ubuyisela uJobe ayenakho (10-17)
Amadodana namadodakazi kaJobe (13-15)

---

**1** Kwakukhona umuntu ezwe-
ni lase-Uze, igama lakhe ku-
nguJobe.*[a] Wayeqotho;#[b] eme-
saba uNkulunkulu futhi eku-
gwema okubi.[c] **2** Wazala ama-
dodana ayisikhombisa nama-
dodakazi amathathu. **3** Imfu-
yo yakhe yayiyizimvu ezingu-
7 000, amakamela angu-3 000,
izinkomo ezingu-1 000* nezi-
mbongolo# ezingu-500 kanye
nezinceku eziningi kakhulu;

ISAHL. 1
a Hez 14:14
Jak 5:10, 11
b Gen 6:9
c Job 2:3

**1:1** *Kungenzeka lisho, "Ozondwayo." #Noma, "Wayengasoleki futhi eqotho."

**1:3** *NgesiHebheru, "izipani ezingu-500." #NgesiHebheru, "nezimbongolo zensikazi."

waba mkhulu kunabo bonke
abantu baseMpumalanga.
**4** Indodana ngayinye yaye-
nza idili endlini yayo ngosuku
lwayo.* La madodana ayemema
odadewabo abathathu ukuba
bazodla baphuze nawo. **5** La-
pho izinsuku zamadili seziphe-
lile, uJobe wayethumela uku-
ba ayobizwa ukuze awangcwe-
lise. Wayevuka ekuseni kakhu-
lu anikelele indodana ngayinye
umhlatshelo oshiswayo.[a] Ngo-
ba uJobe wayethi: "Mhlawu-
mbe amadodana ami onile athu-
ka noNkulunkulu enhliziyweni
yawo." Yilokho uJobe ayekwe-
nza ngaso sonke isikhathi.[b]
**6** Kwafika usuku lokuba
amadodana kaNkulunkulu weqi-
niso*[c] angene ukuze ame pha-
mbi kukaJehova,[d] noSathane[e]
wangena kanye nawo.[f]
**7** UJehova wathi kuSathane:
"Uvelaphi?" USathane waphe-
ndula uJehova wathi: "Bengi-
zulazula emhlabeni ngihamba-
hamba kuwo."[g] **8** UJehova wa-
thi kuSathane: "Ingabe uyiqa-
phelile* inceku yami uJobe?
Akekho ofana nayo emhlabe-
ni. Iqotho,#[h] yesaba uNkulu-
nkulu futhi iyakugwema okubi."
**9** USathane waphendula uJe-
hova wathi: "Ukube uJobe aka-
tholanga lutho, ubezomesaba
yini uNkulunkulu?[i] **10** Awuza-
nge yini umbiyele[j] yena ne-
ndlu yakhe nakho konke ana-
kho? Uwubusisile umsebenzi
wezandla zakhe[k] nemfuyo yakhe
yande kakhulu ezweni. **11** Ko-
dwa manje ake welule isandla
sakho, uthathe konke anakho,
nakanjani uzokuthuka ebusweni
bakho." **12** UJehova wabe ese-
thi kuSathane: "Bheka! Konke
anakho kusesandleni sakho.*
Kuphela nje ungeluleli isandla
sakho kuye!" Ngakho uSathane
wasuka phambi# kukaJehova.[a]
**13** Ngolunye usuku lapho
amadodana namadodakazi ka-
Jobe edla futhi ephuza iwayi-
ni endlini yomfowabo oyizibu-
lo,[b] **14** kwafika isithunywa ku-
Jobe, sathi: "Izinkomo bezilima
nezimbongolo ziklabile eceleni
kwazo **15** lapho amaSabheya
ehlasela futhi ezithatha, abula-
la nezinceku ngenkemba. Yimi-
na kuphela engiphunyukile uku-
ze ngikubikele."
**16** Ngesikhathi lesi sithu-
nywa sisakhuluma, kwafika esi-
nye sathi: "Kwehle umlilo* ka-
Nkulunkulu uvela emazulwini
wavutha phakathi kwezimvu ne-
zinceku wazishwabadela! Yimi-
na kuphela engiphunyukile uku-
ze ngikubikele."
**17** Sisakhuluma leso, kwafi-
ka esinye sathi: "AmaKhale-
di[c] enze amaviyo amathathu,
ahlasela amakamela awathatha,
abulala nezinceku ngenkemba.
Yimina kuphela engiphunyukile
ukuze ngikubikele."
**18** Sisakhuluma naleso, kwa-
fika nesinye sathi: "Amadodana
akho namadodakazi akho ebe-
dla futhi ephuza iwayini endlini
yomfowabo oyizibulo. **19** Ku-
ngazelelwe kufike umoya om-
khulu uvela ehlane, washaya
amakhona amane endlu, yawela
phezu kwalaba bantu abaseba-
sha bafa. Yimina kuphela engi-
phunyukile ukuze ngikubikele."
**20** Lapho uJobe ezwa lo-
kho, wasukuma, waklebhula
ingubo yakhe, wagunda izinwe-
le zakhe; ngemva kwalokho wa-

**ISAHL. 1**
*a* Gen 8:20, Gen 12:7, 8
*b* Gen 18:17, 19
*c* Gen 6:2, Dut 33:2, Job 38:7
*d* 1Kh 22:19, Hu 103:20, Dan 7:13
*e* Zak 3:1, Mat 4:1, 3, Luk 22:31, Joh 13:2, IsA 12:9
*f* Job 2:1-3
*g* 1Pe 5:8
*h* Gen 6:9
*i* IsA 12:10
*j* Gen 15:1, Gen 31:7
*k* Gen 26:12

**Uhla 2**
*a* Job 2:7
*b* Job 1:4
*c* Gen 11:28

**1:4** *Noma, "endlini yayo ishintsha-na namanye." **1:6** *Lesi yisisho sesiHebheru esibhekisela emadodaneni kaNkulunkulu ayizingelosi. **1:8** *NgesiHebheru, "ubeke inhliziyo yakho." #Noma, "Ayisoleki futhi iqotho."

**1:12** *Noma, "ungenza noma yini ngakho." #NgesiHebheru, "ebusweni." **1:16** *Noma kungaba, "umbani."

wela emhlabathini wakhotha-
ma **21** wathi:

"Ngaphuma ngihamba-ze
esibelethweni sikamama,
Futhi ngizobuyela khona
ngihamba-ze.[a]
UJehova uphile,[b] uJehova
uthathile.
Maliqhubeke lidunyiswa
igama likaJehova."

**22** Kukho konke lokhu, uJobe
akazange one noma asole
uNkulunkulu ngokuthi kukho-
na okungalungile akwenzile.*

**2** Ngemva kwalokho kwaphi-
nde kwafika usuku lokuba
amadodana kaNkulunkulu weqi-
niso*[c] angene ukuze ame pha-
mbi kukaJehova,[d] noSathane
wangena kanye nawo ukuze
ame phambi kukaJehova.[e]

**2** UJehova wathi kuSathane:
"Uvelaphi?" USathane waphe-
ndula uJehova wathi: "Bengizu-
lazula emhlabeni ngihambaha-
mba kuwo."[f] **3** UJehova wathi
kuSathane: "Ingabe uyiqapheli-
le* inceku yami uJobe? Ake-
kho ofana nayo emhlabeni. Iqo-
tho,#[g] yesaba uNkulunkulu fu-
thi iyakugwema okubi. Namanje
isanamathele ngokuqinile ebu-
qothweni bayo,[h] ngisho noma
wena uzama ukungenza uku-
ba ngiyibhubhise△[i] ngaphandle
kwesizathu." **4** Kodwa uSatha-
ne waphendula uJehova wa-
thi: "Isikhumba ngesikhumba.
Umuntu uyokhipha konke ana-
kho ngenxa yokuphila kwakhe.
**5** Kodwa manje ake welule isa-
ndla sakho umzwise ubuhlu-
ngu emzimbeni, nakanjani uzo-
kuthuka ebusweni bakho."[j]

**6** Ngakho uJehova wathi ku-
Sathane: "Bheka! Usesandleni
sakho!* Kuphela nje ungambula-
li!" **7** Ngakho uSathane wasu-
ka phambi* kukaJehova, washa-
ya uJobe ngamathumba abuhlu-
ngu#[a] kusukela ematheni onya-
wo kuze kube sokhakhayini.
**8** UJobe wayehlezi emlotheni,[b]
wayesethatha udengezi* ukuze
azinwaye.

**9** Ekugcineni umkakhe wathi
kuye: "Namanje usanamathe-
le ngokuqinile ebuqothweni ba-
kho? Thuka uNkulunkulu ufe!"
**10** Kodwa wathi kuye: "Ukhulu-
ma njengomunye wabesifazane
abangenangqondo. Ingabe kufa-
nele samukele okuhle kuphela
kuNkulunkulu weqiniso, singa-
kwamukeli nokubi?"[c] Kukho ko-
nke lokhu, uJobe akazange one
ngezindebe zakhe.[d]

**11** Abangani* abathathu ba-
kaJobe bezwa ngazo zonke izi-
nhlekelele ezazimehlele, ngamu-
nye wabo weza evela endawe-
ni yakhe—u-Elifazi[e] umThemani,
uBhilidadi[f] umShuhi[g] noSofari[h]
umNahama. Bavumelana ngoku-
thi bazohlangana ukuze ba-
yozwelana noJobe bamdudu-
ze. **12** Lapho bembona beku-
de, babengaboni ukuthi nguye.
Bakhala kakhulu, baklebhula
izingubo zabo, baphonsa uthu-
li emoyeni nasemakhanda
abo.[i] **13** Ngemva kwalokho ba-
hlala naye emhlabathini izinsu-
ku eziyisikhombisa nobusuku
obuyisikhombisa. Akekho owa-
sho utho kuye, ngoba babebo-
na ukuthi wayezwa ubuhlungu
obukhulu kakhulu.[j]

**ISAHL. 1**
a Gen 3:19; Hu 49:17; Shu 5:15; Shu 12:7; 1Ti 6:7
b Shu 5:19; Jak 1:17

**ISAHL. 2**
c Gen 6:2; Dut 33:2; Job 38:7
d Hu 103:20; Dan 7:13
e Job 1:6-8
f 1Pe 5:8
g Gen 6:9
h Job 27:5
i Job 1:11
j Lev 24:15, 16; Job 1:11, 12; IsA 12:10

**Uhla 2**
a Job 30:30
b Jer 6:26
c Job 1:21
d Jak 5:10, 11
e Job 4:1; Job 15:1; Job 22:1; Job 42:7, 9
f Job 8:1; Job 18:1; Job 25:1
g Gen 25:1, 2
h Job 11:1; Job 20:1
i Hez 27:30, 31
j Job 16:6

---

**1:22** *Noma, "noma athi uNkulunkulu wenze okungalungile." **2:1** *Isisho sesiHebheru esibhekisela emadodaneni kaNkulunkulu ayizingelosi. **2:3** *NgesiHebheru, "ubeke inhliziyo yakho." #Noma, "Ayisoleki futhi iqotho." △NgesiHebheru, "ngiyigwinye."

**2:6** *Noma, "Ungenza noma yini kuye!" **2:7** *NgesiHebheru, "ebusweni." #Noma, "ngezilonda ezimbi kakhulu." **2:8** *Ucezu oluqhephuke entweni eyenziwe ngobumba. **2:11** *Noma, "Abantu abamjwayele."

**3** Kungemva kwalokhu lapho
uJobe aqala khona ukukhu-
luma nokuqalekisa usuku aza-
lwa ngalo.*[a] **2** UJobe wathi:

3 “Kwangathi lungashabalala
usuku engazalwa ngalo,[b]
Nobusuku othile athi nga-
bo: ‘Ukhulelwe umfana!’
4 Lolo suku malube
ubumnyama.
UNkulunkulu ophezulu
makangabi nandaba nalo;
Makungabi bikho ukukha-
nya phezu kwalo.
5 Ubumnyama obukhulu*
mabulumboze.
Ifu elimnyama malihlale
phezu kwalo.
Ubumnyama obethusayo
mabumboze ukukhanya
kwalo.
6 Lobo busuku—ubumnyama
obukhulu mabubuthathe;[c]
Mabungathokozi phakathi
kwezinsuku zonyaka,
Mabungabalwa nezinsuku
zenyanga.
7 Ngempela! Bekungaba ku-
hle ukube akuzalwanga
muntu ngalobo busuku;
Ukukhala kwenjabulo
makungazwakali ngalobo
busuku.
8 Labo abaqalekisa usuku
mababuqalekise,
Labo abakwazi ukuvusa
uLeviyathani.*[d]
9 Izinkanyezi zokuhwalalala
kwalobo busuku mazibe
mnyama;
Mabulindele ukukhanya
kodwa kungabi bikho,
Futhi mabungayiboni imi-
sebe yokuntwela kokusa.

ISAHL. 3
a Jer 20:14, 15
b Job 10:18, 19 Jer 15:10
c Job 10:18, 19
d Job 41:1, 10 Hu 104:25, 26

Uhla 2
a Job 10:18
b Jer 20:17, 18
c Shu 9:5, 10
d Joh 11:11
e Hu 146:4 Shu 9:10 Isay 57:1, 2
f Job 30:23 Hu 49:10, 12 Shu 8:8 Shu 9:2

10 Ngoba abuzange buyivale
iminyango yesibeletho
sikamama;[a]
Abuzange buyifihle nenka-
thazo emehlweni ami.
11 Kungani ngingazange ngife
lapho ngizalwa?
Kungani ngingazange
ngishabalale lapho ngi-
phuma esibelethweni?[b]
12 Kungani ngabekwa
emathangeni
Futhi kungani kwaba
khona amabele okungi-
ncelisa?
13 Ngoba manje ngabe ngilele
angiphazanyiswa;[c]
Ngabe ngilele ngiphumule[d]
14 Kanye namakhosi omhlaba
nabeluleki bawo,
Abazakhela izindawo
esezingamanxiwa,*
15 Noma nezikhulu
ezazinegolide,
Izindlu zazo zigcwele
isiliva.
16 Noma kungani ngingafana-
nga nengane eyafa nge-
nxa yokuthi unina
waphuphunyelwa isisu
engazi ukuthi ukhulelwe,
Njengabantwana abangaka-
ze bakubone ukukhanya?
17 Lapho, ngisho nababi baye-
kile ukuyaluza;
Lapho, abaphele amandla
baphumule.[e]
18 Lapho, zonke iziboshwa
zikhululekile;
Azilizwa izwi lalowo ozi-
phoqa ukuba zisebenze.
19 Abancane nabakhulu
bayafana lapho,[f]
Nesigqila sikhululiwe
enkosini yaso.
20 Kungani enika ohluphekayo
ukukhanya

**3:1** *NgesiHebheru, “usuku lwakhe.” **3:5** *Noma, “Ubumnyama nethunzi lokufa.” **3:8** *Kucatshangwa ukuthi libhekisela engwenyeni noma kwesinye isilwane sasemanzini esikhulu nesinamandla.

**3:14** *Noma kungaba, “Labo abazakhela izindawo eziyincithakalo.”

Nokuphila labo abacwile
osizini?[a]
21 Kungani belangazelela uku-
fa, kodwa kungafiki?[b]
Bakumba ukwedlula
ingcebo efihliwe,
22 Labo abajabula kakhulu,
Abathokozayo lapho
bethola ithuna.
23 Kungani uNkulunkulu
enika indoda elahlekile
ukukhanya,
Leyo ayibiyele?[c]
24 Ngoba esikhundleni
sokudla kwami kufika
ukububula kwami,[d]
Ukukhala kwami[e] kuthulu-
leka njengamanzi.
25 Ngoba lokho obekungethu-
sa kungehlele,
Nalokho ebengikwesaba
kungehlele.
26 Angibanga nakho
ukuthula, noma uku-
ngaphazanyiswa noma
ukuphumula,
Kodwa ngilokhu ngehlelwa
izinkinga."

4 U-Elifazi[f] umThemani wa-
phendula wathi:
2 "Uma umuntu ezama
ukukhuluma nawe,
ingabe wena uzophelelwa
isineke?
Ngoba ubani ongazibamba
angakhulumi?
3 Yiqiniso, usulungise
abaningi,
Futhi wawuvame ukuqinisa
izandla ezibuthakathaka.
4 Amazwi akho ayevusa
noma ubani okhubekayo,
Futhi wawuqinisa namado-
lo alabo abase bephelelwa
amandla.
5 Kodwa manje sekwenzeke
kuwe, awusazi ukuthi
wenzeni;*

4:5 *NgesiHebheru, "usuphele ama-
ndla."

ISAHL. 3
a 1Sa 1:10
2Kh 4:27
b Num 11:11, 15
1Kh 19:3, 4
Job 7:15, 16
Jon 4:2, 3
c Job 12:14
Job 19:8
d Hu 102:9, 10
e Hu 22:1
Hu 38:8

ISAHL. 4
f Job 2:11
Job 15:1
Job 22:1
Job 42:7, 9

Uhla 2
a Job 1:1

Kuthinta wena uqobo,
manje usukhathazekile.
6 Ukuhlonipha kwakho
uNkulunkulu akukuniki
yini ithemba?
Ubuqotho bakho[a] abukuni-
ki yini ithemba?
7 Siza ukhumbule: Yimuphi
umuntu omsulwa owake
washabalala?
Kunini lapho oqotho ake
abhujiswa khona?
8 Engikubonile ukuthi
labo abahlwanyela* okuli-
mazayo
Nalabo abahlwanyela izi-
nkathazo bayovuna kona
futhi.
9 Ngokuphefumula kukaNku-
lunkulu bayashabalala,
Nangokuvutha kwentuku-
thelo yakhe bayaphela.
10 Ibhubesi liyabhonga,
nebhubesi eliselincane
liyagwavuma,
Kodwa ngisho namazinyo
amabhubesi anamandla*
aphukile.
11 Ibhubesi liyashabalala
ngokungabi bikho
kwenyamazane,
Namawundlu ebhubesi
ahlakazekile.
12 Manje izwi lalethwa kimi
ngasese,
Ukunyenyezwa* kwalo
kwafika endlebeni yami.
13 Emicabangweni engincisha
ubuthongo engifikela
emibonweni yasebusuku,
Lapho abantu behlelwa
ubuthongo obukhulu,
14 Ngafikelwa ukuthuthumela
okukhulu,
Kwagcwalisa wonke ama-
thambo ami ngengebhe.*

4:8 *Noma, "abaceba." 4:10 *Noma, "amabhubesi asemancane anomhlwe-nga." 4:12 *Ukuhlebela umuntu endle-beni. 4:14 *Noma, "ngokwesaba."

15 Kwadlula umoya ebusweni bami;
Kwasiphuzela uboya.
16 Wama wanganyakaza,
Kodwa angizange ngibone ukuthi wawubukeka kanjani.
Kwakunesithunzi phambi kwamehlo ami;
Kwathuleka, ngabe sengizwa izwi:
17 'Umuntu ofayo angaba yini olunge ngaphezu kuka-Nkulunkulu?
Indoda ingaba yini ehlanzeke ngaphezu koMenzi wayo?'
18 Lalela! Akazethembi izinceku zakhe,
Nasezingelosini* zakhe ubona amaphutha.
19 Kangakanani-ke ngalabo abahlala ezindlini zobumba,
Abasisekelo sabo sisothulini,[a]
Abachobozeka kalula njengenundu!*
20 Bachotshozwa babe izicucu kusukela ekuseni kuze kuhlwe;
Bashabalala unomphela futhi akekho nobonayo.
21 Abafani yini netende elikhishwe intambo yalo?
Bafa bengahlakaniphile.

5 "Siza umemeze! Ukhona yini okuphendulayo?
Yimuphi kwabangcwele oyophendukela kuye?
2 Ngoba inzondo iyobulala oyisiwula,
Nomona uyobulala oyisiphukuphuku.
3 Ngimbonile oyisiwula emila izimpande,
Kodwa ngokushesha indawo yakhe yokuhlala iyaqalekiswa.
4 Amadodana akhe awaphephile neze,
Ayachotshozwa esangweni ledolobha,[a] kungekho muntu ozowakhulula.
5 Akuvunayo kudliwa olambile,
Ekuthatha ngisho nasemeveni,
Aziphilisa ngakho yena namadodana akhe kuyathathwa.
6 Ngoba izinto ezilimazayo aziphumi othulini,
Nenkathazo ayiveli emhlabathini.
7 Ukuphila komuntu nakanjani kuzoba nezinkathazo,
Njengoba nje nezinhlansi nakanjani zizophuma emlilweni.
8 Kodwa ukube benginguwe, bengiyophendukela kuNkulunkulu,
Bengiyokwethula udaba lwami kuNkulunkulu,
9 KuLowo owenza izinto ezinkulu nezingaphenyeki,
Izinto ezimangalisayo ezingenakubalwa.
10 Unisa imvula emhlabeni
Athumele amanzi ezweni.
11 Umphakamisela phezulu ophansi,
Amphakamisele phezulu odabukile lapho ezothola khona insindiso.
12 Ubhuntshisa amacebo abangamaqili,
Ukuze umsebenzi wezandla zabo ungaphumeleli.
13 Ubamba abahlakaniphile ebuqilini babo,[b]
Ukuze amacebo ezihlakaniphi abhuntshiswe.

ISAHL. 4
*a* Gen 3:19

Uhla 2

ISAHL. 5
*a* IzA 22:22
Amo 5:12
*b* 1Ko 3:19

**4:18** *Noma, "Nasezithunyweni." **4:19** *Inundu eyayitholakala kwa-Israyeli; kwakuyisinambuzane esinezimpaphe ezine njengovemvane; esigabeni sayo sokuqala ngaphambi kokuba ibe namaphiko, idla izingubo.

14 Bazungezwe ubumnyama emini bebade,
Bayaphumputha emini njengokungathi kusebusuku.
15 Usindisa abantu olimini lwabo olunjengenkemba,
Asindise abampofu esandleni sonamandla,
16 Ukuze ophansi abe nethemba,
Kodwa umlomo womuntu ongalungile uvaliwe.
17 Bheka! Uyajabula umuntu osolwa uNkulunkulu;
Ngakho ungasenqabi isiyalo soMninimandla Onke!
18 Ngoba ubangela ubuhlungu, kodwa alibophe inxeba;
Uyaphihliza, kodwa aphulukise ngezandla zakhe.
19 Uyokukhulula ezinhlekeleleni eziyisithupha,
Ngisho neyesikhombisa ngeke ikulimaze.
20 Phakathi nendlala uyokukhulula ekufeni,
Akukhulule nasemandleni enkemba empini.
21 Uyovikelwa emlonyeni okhuluma izinto ezimbi,[a]
Ngeke uyesabe inhlekelele lapho ifika.
22 Uyoyihleka inhlekelele nokulamba,
Futhi ngeke uzesabe izilwane zasendle zasemhlabeni.
23 Ngoba amatshe asendle ngeke akulimaze,*
Nezilwane zasendle ziyoba nokuthula nawe.
24 Uyokwazi ukuthi itende lakho liphephile,*
Futhi akukho lutho oluyobe lulahlekile lapho uhlola idlelo lakho.
25 Uyoba nezingane eziningi,
Nenzalo yakho iyoba ningi njengezinto ezimila emhlabeni.
26 Uyobe usenamandla lapho uya ethuneni,
Njengezithungo zokudla okusanhlamvu ezibuthwe ngenkathi yazo.
27 Bheka! Senze uphenyo ngalokhu futhi kunjalo nje.
Kulalele ukwamukele."

6 UJobe waphendula wathi:
2 "Ukube nje ukukhathazeka kwami[a] bekungakalwa konke
Kubekwe ezikalini kanye nokuhlupheka kwami!
3 Ngoba manje kusinda ngaphezu kwezihlabathi zezilwandle.
Yingakho amazwi ami abengasho lutho.*[b]
4 Ngoba imicibisholo yoMninimandla Onke ingihlabile,
Umoya wami uphuza ubuthi bayo;[c]
Izinto ezisabisayo ezivela kuNkulunkulu zilinde ukumelana nami.
5 Imbongolo yasendle[d] iyokhala yini lapho inotshani,
Noma inkunzi iyobhonga yini lapho inefolishi?
6 Ukudla okuduma kuyadleka yini ngaphandle kukasawoti,
Noma bukhona yini ubumnandi ejusini yezithelo ezinamfukayo?
7 Ngenqabile ukuthinta izinto ezinjalo.
Zifana nobuthi ekudleni kwami.
8 Ukube nje isicelo sami besingamukelwa,

---

5:23 *Noma, "ayoba nesivumelwano nawe." 5:24 *NgesiHebheru, "linokuthula."

6:3 *Noma, "bengiwakhuluma ngokunganaki noma ngokungacabangi."

ISAHL. 5
a IzA 12:18

Uhla 2

ISAHL. 6
a Hu 31:9
b Shu 7:7; Jak 3:2
c IzA 18:14
d Job 24:5

UNkulunkulu anginike
engikufisayo!
9 Ukube uNkulunkulu ube-
ngazimisela ukungicho-
boza,
Ukube ubengelula isandla
sakhe aqede ngami![a]
10 Ngoba nalokho bekuyongi-
duduza;
Bengiyogxumagxuma yinja-
bulo naphezu kobuhlungu
obungapheli,
Ngoba angizange ngiwaphi-
ke amazwi oNgcwele.[b]
11 Nginawo yini amandla
okuqhubeka ngilindile?[c]
Ngiyophelelaphi uma
ngiqhubeka ngiphila?*
12 Ingabe amandla ami
anjengawedwala?
Noma ingabe inyama yami
yenziwe ngethusi?
13 Ingabe ikhona indlela
engingazisiza ngayo
Njengoba ingasekho indlela
engizisekela ngayo?
14 Noma ubani ogodlela umu-
ntu wakubo uthando olu-
qotho[d]
Uyoyeka ukwesaba uMnini-
mandla Onke.[e]
15 Abangani bami* bangikho-
hlise[f] njengomfula wase-
busika,
Njengamanzi emifula
yasebusika eshayo.
16 Imnyama ngenxa yeqhwa,
Kuyo kufihleke iqhwa
elincibilikayo.
17 Kodwa ngenkathi efanele
ayibi nawo amanzi bese
iyaphela;
Lapho kushisa, iyoma.
18 Imizila yayo iphambuki-
siwe;
Igelezela ogwadule ishaba-
lale.
19 Izihambi ezivela eThema[a]
ziyayibheka;
Izihambi ezivela eSheba*[b]
ziyilindile.
20 Zinamahloni ngoba beziqi-
niseka ngokuthi zizothola
amanzi;
Zifike khona zadumazeka.
21 Ngoba yilokho eseniphe-
nduke khona kimi;[c]
Nilubonile usizi lwami
olwesabisayo, nethuka.[d]
22 Ngike ngasho yini ukuthi,
'Nginikeni okuthile,'
Noma ngacela ukuba ni-
ngiphe isipho engcebweni
yenu?
23 Ngike ngacela yini ukuba
ngisindiswe esandleni
sesitha,
Noma ukuba ngisindiswe*
kubacindezeli?
24 Ngiyale, mina ngizothula;[e]
Ngisize ngiqonde iphutha
lami.
25 Amazwi ashiwo ngobuqo-
tho awabuhlungu![f]
Kodwa iyiphi inzuzo
engatholakala ekusoleni
kwenu?[g]
26 Ingabe niceba ukusola ama-
zwi ami,
Amazwi omuntu ophelelwe
ithemba,[h] apheshulwa
umoya?
27 Niyokwenza ngisho nezi-
nkatho ngentandane[i]
Nithengise* ngomngani
wenu![j]
28 Manje phendukani ningi-
bheke,
Ngoba ngeke ngiqambe
amanga kini.
29 Ngicela nicabangisise
—ningangahluleli
ngokungeyikho—

---

ISAHL. 6
a Num 11:11, 15 1Kh 19:3, 4 Jon 4:3
b Lev 19:2 Hos 11:9
c Job 7:6, 7 Hu 103:15, 16
d IzA 3:3 IzA 19:22 Hos 6:6 Zak 7:9
e 1Jo 3:17
f Job 19:19 Hu 38:11

Uhla 2
a Isay 21:13, 14
b Job 1:14, 15
c Job 13:4
d Hu 38:11
e Job 32:11, 12
f IzA 12:18 IzA 25:11
g Job 16:2, 3 Job 21:34
h Job 10:1
i Job 31:21, 22 Mal 3:5
j Gen 37:28

---

6:11 *Noma, "ngelula ukuphila kwami."
6:15 *NgesiHebheru, "Abafowethu."
6:19 *Noma, "Umshungu ohambisanayo wamaSabheya." 6:23 *NgesiHebheru, "ngikhululwe." 6:27 *Noma, "Nihwebelane."

Ngiyanicela, cabangisisani,
ngoba ukulunga kwami
akukashintshi.
30 Ingabe ulimi lwami lukhuluma okungalungile?
Ingabe ulwanga lwami alukwazi ukuzwa ukuthi kukhona okungalungile?

7 "Ukuphila komuntu ofayo emhlabeni akufani yini nomsebenzi ophoqelelwe,
Nezinsuku zakhe azifani yini nezesisebenzi esiqashiwe?[a]
2 Njengesigqila, ulangazelela umthunzi,
Nanjengesisebenzi esiqashiwe, ulindela umholo wakhe.[b]
3 Kanjalo ukuphila kwami bekuyize izinyanga eziningi
Futhi bengisosizini ubusuku obuningi.[c]
4 Lapho ngilala ngiyabuza, 'Ngizovuka nini?'[d]
Kodwa njengoba ubusuku buqhubeka, ngilokhu ngiphenduphenduka kuze kuntwele ukusa.
5 Inyama yami imbozwe izimpethu nezigaxa zokungcola;[e]
Isikhumba sami sigcwele izingqweqwe zezilonda nobomvu.[f]
6 Izinsuku zami zidlula ngokushesha kunenaliti yomeluki,[g]
Ziphele kungekho themba.[h]
7 Khumbula ukuthi ukuphila kwami kuwumoya,[i]
Ukuthi iso lami ngeke liphinde libone injabulo.*
8 Iso elingibona manje ngeke liphinde lingibone;
Amehlo akho ayongifuna, kodwa ngiyobe ngingasekho.[j]

ISAHL. 7
a Job 14:5, 6; Hu 39:4
b Lev 19:13; Dut 24:15
c Hu 6:6
d Job 2:8; Job 30:17
e Job 30:19
f Job 30:30
g Hu 102:11; Hu 103:15; Hu 144:4
h Job 17:15
i Hu 89:47; Shu 2:11
j Job 7:21; Jak 4:14

Uhla 2
a Job 10:21; Job 14:12; Hu 78:39; Shu 9:10
b Hu 103:15, 16; Hu 146:4; Shu 9:5
c 1Sa 1:10; Job 10:1; IzA 14:10
d Job 3:20, 21
e Gen 27:46; 1Kh 19:4; Job 10:1; Jon 4:3
f Hu 62:9; Hu 144:4; Shu 6:12
g Hu 8:4; Hu 103:15; Hu 144:3
h Job 23:10

9 Njengefu elinyamalalayo liphele,
Umuntu owehlela eThuneni* akakhuphuki.[a]
10 Ngeke aphinde abuyele endlini yakhe,
Indawo yakhe ngeke isamazi.[b]
11 Ngenxa yalokho, ngeke ngiwubambe umlomo wami.
Ngizokhuluma umoya wami ube ucindezelekile;
Ngizokhononda ngibe ngiququdwa usizi![c]
12 Ngiwulwandle yini noma isilwane esikhulu sasolwandle,
Ukuba ungimisele umuntu ozongigada?
13 Lapho ngithi, 'Usofa wami uzongiduduza;
Umbhede wami uzosiza udambise usizi lwami,'
14 Wena ungesabisa ngamaphupho
Ungethuse ngemibono,
15 Kangangokuba ngingakhetha* ukucinaniswa,
Impela, ngingancamela ukufa kunalo mzimba wami.#[d]
16 Ngiyakwenyanya ukuphila kwami;[e] angisafuni ukuphila.
Hlukana nami ngoba izinsuku zami zinjengomoya okhishwa ngamakhala.[f]
17 Uyini umuntu ofayo ukuba ukhathazeke ngaye
Nokuba umnake?*[g]
18 Kungani umhlola njalo ekuseni,
Umvivinya umzuzu nomzuzu?[h]

7:7 * NgesiHebheru, "okuhle."

7:9 * Noma, "eShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. 7:15 * Noma, "umphefumulo wami ungakhetha." # NgesiHebheru, "kunamathambo ami." 7:17 * NgesiHebheru, "ubeke inhliziyo yakho kuye."

19 Ngeke yini uwasuse amehlo akho kimi
Unganginiki ngisho nesikhathi sokugwinya amathe?[a]
20 Uma ngonile, ngingakulimaza kanjani wena, Mqapheli wesintu?[b]
Kungani amagalelo akho uwabhekise kimi?
Ingabe sengiwumthwalo kuwe?
21 Kungani ungalixoleli iphutha lami
Uthethelele isiphambeko sami?
Ngoba kungekudala ngizolala othulini,[c]
Uyongifuna, kodwa ngiyobe ngingasekho."

8 UBhilidadi[d] umShuhi[e] waphendula wathi:
2 "Kuyoze kube nini ulokhu ukhuluma kanje?[f]
Amazwi omlomo wakho amane nje awumoya onamandla!
3 Ingabe uNkulunkulu uyophendukezela ubulungisa,
Noma ingabe uMninimandla Onke uyophendukezela ukulunga?
4 Uma amadodana akho onile kuye,
Uyawayeka ajeziswe ngenxa yokuvukela kwawo;*
5 Kodwa ukube wena ubuyovele ubheke kuNkulunkulu[g]
Uncenge umusa kuMninimandla Onke,
6 Futhi ukube ubumsulwa ngempela futhi uqotho,[h]
Ubeyokunaka*
Akubuyisele endaweni yakho efanele.
7 Nakuba isiqalo sakho sasisincane,
Ikusasa lakho liyoba lihle kakhulu.[a]
8 Ngicela ubuze isizukulwane sangaphambili,
Unake izinto oyise baso abazithola.[b]
9 Ngoba thina sizalwe izolo nje, asazi lutho,
Ngoba izinsuku zethu emhlabeni ziyithunzi.
10 Ngeke yini bakufundise
Bakutshele abakwaziyo?*
11 Ibungu* lingakhula yini lapho kungenaxhaphozi khona?
Umhlanga ungakhula yini ngaphandle kwamanzi?
12 Lapho kusaqhakaza, kungakakhiwa,
Kuyokoma kuqala kunazo zonke ezinye izitshalo.
13 Lona umphumela* wabo bonke abakhohlwa uNkulunkulu,
Ngoba ithemba longenaNkulunkulu# liyoshabalala,
14 Lowo ukuqiniseka kwakhe okuyize,
Nonethemba elibuthaka njengobulwembu* besicabucabu.
15 Uyoncika ngendlu yakhe, kodwa iyobhidlika;
Uyozama ukubambelela kuyo, kodwa ngeke ime iqine.
16 Uyisitshalo esigcwele amanzi elangeni,
Izitshalo zakhe ezihlumayo zisabalala engadini.[c]

---

8:4 *NgesiHebheru, "Wawathumela esandleni sokuvukela kwawo." 8:6 *Noma, "Ubeyovuka ngenxa yakho." 8:10 *NgesiHebheru, "Sikhiphe amazwi enhliziyweni yaso?" 8:11 *Isitshalo esifana nomhlanga. 8:13 *NgesiHebheru, "Zinjalo izindlela." #Noma, "lesihlubuki." 8:14 *NgesiHebheru, "njengendlu."

ISAHL. 7
a Job 14:6
b Job 34:21; IzA 5:21; Jer 16:17; Heb 4:13; 1Pe 3:12
c Gen 3:19; Hu 104:29; Shu 12:7

ISAHL. 8
d Job 18:1; Job 25:1
e Gen 25:1, 2; Job 42:9
f Job 11:3
g Job 5:8, 9; Job 11:13; Job 22:23
h Job 1:8

Uhla 2
a Job 11:14, 17
b Job 15:17, 18
c Job 5:3

17 Izimpande zakhe zithandela enqwabeni yamatshe;
Ufuna indlu phakathi kwamatshe.
18 Kodwa lapho esishulwa* endaweni yakhe,
Leyo ndawo iyomphika, ithi 'Angikaze ngikubone.'[a]
19 Ngempela, iyona ndlela ayonyamalala ngayo leyo;*[b]
Ngemva kwalokho kuyovela abanye othulini.
20 Nakanjani uNkulunkulu ngeke abalahle labo abaqotho* kuye;
Futhi ngeke abasekele[#] ababi,
21 Ngoba uyokwenza uphinde uhleke,
Uphinde umemeze ngenjabulo.
22 Labo abakuzondayo bayombozwa ngamahloni,
Netende lababi ngeke lisaba khona."

9 UJobe waphendula wathi:
2 "Ngempela ngiyazi ukuthi kunjalo.
Kodwa umuntu ofayo angaba kanjani ongenaphutha phambi kukaNkulunkulu?[c]
3 Uma kukhona ofisa ukuphikisana naye,*[d]
Lowo muntu ngeke akwazi ukuphendula ngisho nowodwa umbuzo wakhe kweyinkulungwane.
4 Unenhliziyo ehlakaniphile futhi unamandla amakhulu.[e]
Ubani ongamelana naye futhi asale engenamyocu?[f]
5 Ugudluza* izintaba kungekho noyedwa owaziyo;
Uyazigumbuqela ngentukuthelo yakhe.
6 Uzamazamisa umhlaba,
Kangangokuba izinsika zawo ziyaqhaqhazela.[a]
7 Uyala ilanga ukuba lingakhanyi
Afihle ukukhanya kwezinkanyezi;[b]
8 Yena uqobo welula amazulu,[c]
Anyathele phezu kwamagagasi aphakeme olwandle.[d]
9 Wenza iqoqo lezinkanyezi i-Ashi, iKhesili neKhima,[e]
Namaqoqo ezinkanyezi asesibhakabhakeni saseningizimu;*
10 Wenza izinto ezinkulu ezingaphenyeki,[f]
Izinto ezimangalisayo ezingabaleki.[g]
11 Udlula ngakimi kodwa angikwazi ukumbona;
Udlula ngakimi, kodwa angimqapheli.
12 Lapho ehlwitha okuthile, ubani ongamnqanda?
Ubani ongathi kuye, 'Wenzani?'[h]
13 UNkulunkulu ngeke alubambe ulaka lwakhe;[i]
Ngisho nabasizi bakaRahabi*[j] bayokhothama kuye.
14 Kangakanani-ke lapho ngimphendula
Ingabe kumele ngikhethe amazwi ami ngokucophelela ukuze ngikhulume naye?
15 Ngisho noma bengingenaphutha, bengingeke ngimphendule.[k]

---

8:18 *Noma, "egwinywa." 8:19 *Noma, "lokho ukuphela kwendlela yakhe." 8:20 *Noma, "abangasoleki." #NgesiHebheru, "ababambe ngesandla." 9:3 *Noma, "ukumyisa enkantolo."

9:5 *Noma, "Ususa." 9:9 *NgesiHebheru, "Namakamelo angaphakathi eningizimu." 9:13 *Kungenzeka lisho isilwane esikhulu sasolwandle.

ISAHL. 8
a Job 20:9
b Job 20:5

ISAHL. 9
c Dut 32:4, Hu 143:1, 2, Rom 3:23
d Job 40:2, Rom 9:20
e Job 36:5, Hu 104:24, Isay 40:26, Dan 2:20
f IzA 14:16, IzA 28:14, Isay 30:1, Dan 5:18, 20, Zak 7:12, Rom 2:5

Uhla 2
a Hu 75:3
b Gen 1:16
c Gen 1:1, Hu 33:6, Isay 44:24
d Job 38:8-11
e Job 38:31, Amo 5:8
f Isay 40:28, Rom 11:33
g Hu 40:5
h Dan 4:35, Rom 9:20
i Dut 32:22
j Job 26:12
k Job 10:15

Ebengingakwenza nje ukunxusa isihe kumahluleli wami.*
16 Uma ngimbiza, uyongiphendula yini?
Angikholwa ukuthi uyolilalela izwi lami,
17 Ngoba ungichoboza ngazo zonke izinhlekelele
Andise amanxeba ami ngaphandle kwesizathu.[a]
18 Akanginiki ithuba lokukhokha umoya;
Ulokhu andisa ubuhlungu bami.
19 Uma kuziwa emandleni, nguye onamandla.[b]
Endabeni yobulungisa, uthi: 'Ubani ongangibizela ukuzolandisa?'
20 Ngisho noma benginginenaphutha, umlomo wami ubuyongilahla;
Ngisho noma ngigcina ubuqotho bami,* uyothi nginecala.#
21 Ngisho noma ngigcina ubuqotho bami,* angizethembi;
Angikufuni# ukuphila kwami.
22 Konke kuyafana. Yingakho ngithi,
'Ubhubhisa ongenacala* nomubi ngendlela efanayo.'
23 UNkulunkulu uyobahleka abangenacala,
Labo abafa ngokuzumayo bebulawa isikhukhula esisheshayo.
24 Umhlaba unikelwe komubi;[c]
UNkulunkulu umboza amehlo* abahluleli bawo.
Nguyena kuphela ongenza lokhu.
25 Izinsuku zami nazo zishesha kakhulu kunomgijimi;[a]
Ziyabaleka zingakuboni okuhle.
26 Zihamba njengezikebhe zomhlanga,
Njengezinkozi ezehla ngokushesha zifike zicaphune izilwane ezizizingelayo.
27 Uma ngingathi, 'Ngizosikhohlwa isikhalo sami,
Ngizoshintsha ngijabule,'
28 Ngisazoqhubeka ngesaba ngenxa yazo zonke izinhlungu zami,[b]
Futhi ngiyazi ukuthi ngeke ungithole ngimsulwa.
29 Bengisayotholakala nginecala.*
Pho kungani kufanele ngikhandlekele ize?[c]
30 Uma ngigeza emanzini ahlanzekile,*
Ngigeza nezandla zami ngensipho,#[d]
31 Ubuyongifaka emgodini,
Kangangokuba ngisho nezingubo zami beziyonengwa yimi.
32 Ngoba akayena umuntu ofana nami ukuba ngingamphendula,
Ukuba singaya naye enkantolo.[e]
33 Akekho umuntu onganquma* phakathi kwethu,
Ongaba umahluleli wethu.#

---

ISAHL. 9
a Job 2:3; Job 34:5, 6
b Isay 40:28
c 1Jo 5:19

Uhla 2
a Job 7:6; Hu 90:10; Jak 4:14
b Job 21:6
c Hu 73:13
d Jer 2:22; Mal 3:2
e Isay 45:9; Rom 9:20

---

**9:15** *Noma kungaba, "komelene nami emthethweni." **9:20, 21** *Noma, "Ngisho noma ngimsulwa." **9:20** #NgesiHebheru, "ngiyisigwegwe." **9:21** #Noma, "Ngiyakwenyanya; Ngiyakwenqaba." **9:22** *Noma, "labo abagcina ubuqotho."

**9:24** *NgesiHebheru, "ubuso." **9:29** *NgesiHebheru, "ngimubi." **9:30** *NgesiHebheru, "emanzini eqhwa." #Noma, "ngensipho eyenziwe ngomlotha." **9:33** *Noma, "Akekho umlamuleli." #NgesiHebheru, "Ongabeka isandla sakhe phezu kwethu sobabili."

34 Uma engayeka ukungi-
shaya*
Nokungethusa ngezinto
zakhe ezesabekayo,[a]
35 Ngingakhuluma naye
ngingesabi,
Ngoba anginasizathu so-
kwesaba ukukhuluma
naye.

10 "Ngiyakwenyanya
ukuphila kwami.[b]
Ngizosho izikhalazo zami.
Ngizokhuluma nginosizi!
2 Ngizothi kuNkulunkulu:
'Ungasho ukuthi ngine-
cala.
Ngitshele ukuthi kungani
ulwa nami.
3 Kuyakuzuzisa yini ukungi-
cindezela,
Ukuzonda umsebenzi weza-
ndla zakho[c]
Ube usekela iseluleko
sababi?
4 Unamehlo enyama yini,
Noma ubona ngendlela
umuntu ofayo abona
ngayo?
5 Izinsuku zakho ziyafana
yini nezinsuku zabantu
abafayo,
Noma ingabe iminyaka ya-
kho iyafana neyomuntu,[d]
6 Ukuba ungafuna isipha-
mbeko sami
Uqhubeke ufuna isono
sami?[e]
7 Uyazi ukuthi anginaphu-
tha;[f]
Futhi akekho ongangisindi-
sa esandleni sakho.[g]
8 Izandla zakho zingibumbile
zangenza,[h]
Kodwa manje uzongibhu-
bhisa ngokuphelele.
9 Ngicela ukhumbule ukuthi
wangenza ngobumba,[i]
Kodwa manje ungibuyisela
othulini.[a]
10 Awuzange yini ungithulule
njengobisi
Futhi ungenze njengoshizi?
11 Wangigqokisa isikhumba
nenyama,
Wangenza ngamathambo
nangemisipha.[b]
12 Unginike ukuphila notha-
ndo oluqotho;
Uqaphe umoya wami* ngo-
thando lwakho.[c]
13 Kodwa ubuhlose ukwenza
lezi zinto ngasese.*
Ngiyazi ukuthi lezi zinto
zivela kuwe.
14 Ukube ngonile ubuyongi-
bona,[d]
Ubungeke ungikhulule
esiphambekweni sami.
15 Maye kimi uma nginecala!
Ngisho noma ngimsulwa,
angikwazi ukuphakamisa
ikhanda lami,[e]
Ngoba kimi kugcwele uku-
hlazeka nenhlupheko.[f]
16 Uma ngiphakamisa ikha-
nda, ungizingela njengoba
kwenza ibhubesi[g]
Uphinde ubonise amandla
akho ngokumelene nami.
17 Ungilethela ofakazi abasha
bamelane nami
Ungithukuthelele kakhulu,
Njengoba ngehlelwa ubu-
nzima bulandelana.
18 Kanti wangikhiphelani esi-
belethweni sikamama?[h]
Kufanele ngabe ngafa nga-
phambi kokuba kube
neso elingibonayo.
19 Bekuyoba sengathi angika-
ze ngibe khona;
Bengiyovele ngisuswe esi-
belethweni ngiyiswe
ethuneni.'

9:34 *NgesiHebheru, "engasusa induku yakhe phezu kwami."

10:12 *Noma, "ukuphila kwami." 10:13 *NgesiHebheru, "Lezi zinto uzithukuse enhliziyweni yakho."

ISAHL. 9
a Job 13:21

ISAHL. 10
b Num 11:11, 15; 1Kh 19:3, 4; Job 7:16; Jon 4:3
c Job 14:15; Hu 138:8; Isay 64:8
d Hu 90:2
e Job 10:14
f Job 1:8; Hu 139:1
g Dut 32:39
h Hu 119:73; Hu 139:13-16
i Gen 2:7; Isay 45:9; Isay 64:8; Rom 9:21

Uhla 2
a Gen 3:19; Hu 104:29; Shu 12:7
b Hu 139:15
c Hu 8:4
d Hu 139:1
e Job 9:15
f Hu 119:153
g Isay 38:13
h Job 3:11; Jer 20:18

**20** Azikho mbalwa yini izinsuku zami?[a] Makangiyeke;
Makasuse amehlo
akhe kimi, ukuze ngikhululeke*[b]
**21** Ngaphambi kokuba
ngihambe—futhi ngeke ngibuye[c]—
Ngiye ezweni elimnyama bhuqe,*[d]
**22** Ezweni lobumnyama obukhulu,
Izwe lethunzi elimnyama nesiyaluyalu,
Lapho ngisho nokukhanya kufana nobumnyama."

**11** USofari[e] umNahama waphendula wathi:
**2** "Ingabe wonke la mazwi ngeke aphendulwe,
Noma ingabe ukukhuluma kakhulu kuyokwenza umuntu abe ongenaphutha?*
**3** Ingabe inkulumo yakho eyize iyobathulisa abantu?
Ingabe akekho oyokuthethisela amazwi akho ayinhlekisa?[f]
**4** Ngoba uthi, 'Engikufundisayo kumsulwa,[g]
Ngihlanzekile emehlweni akho.'[h]
**5** Kodwa ukube uNkulunkulu ubengakhuluma
Akuvulele umlomo wakhe![i]
**6** Ubeyokwambulela izimfihlo zokuhlakanipha,
Ngoba kuningi esingakufunda ngokuhlakanipha.
Ubuyobona ukuthi uNkulunkulu uvumela ezinye zeziphambeko zakho ukuba zilibaleke.
**7** Ungazithola yini izinto ezijulile zikaNkulunkulu
Noma uthole konke* ngoMninimandla Onke?
**8** Kuphakeme kunezulu. Yini ongayifeza?
Kujulile kuneThuna.* Yini ongase uyazi?
**9** Kude kunomhlaba,
Kubanzi kunolwandle.
**10** Uma uNkulunkulu edlula bese ebamba othile amyise enkantolo,
Ubani ongamvimba?
**11** Ngoba uyabona lapho abantu bekhohlisa.
Lapho ebona izinto ezimbi, ngeke yini anake?
**12** Umuntu ongenangqondo uyoba nokuqonda
Mhla imbongolo yasendle yazala umuntu.*
**13** Ukube nje ubuyoyilungisa inhliziyo yakho
Welulele izandla zakho kuye.
**14** Uma isandla sakho senza okubi, kudedisele kude,
Ukungalungi makungahlali ematendeni akho.
**15** Ngoba ngaleso sikhathi uyophakamisa ikhanda lakho ungenamahloni;
Uyoma uqine, ungesabi lutho.
**16** Uyozikhohlwa izinkathazo zakho;
Uyozikhohlwa njengamanzi asehle ngomfula.
**17** Ukuphila kwakho kuyokhanya kunemini;
Ngisho nobumnyama bako buyofana nokusa.

ISAHL. 10
a Job 7:6; Job 14:1, 2; Hu 39:5, 6; Hu 103:15, 16
b Job 9:27
c Job 7:9; Hu 115:17; Isay 38:11
d Job 38:17; Hu 88:12; Shu 9:10

ISAHL. 11
e Job 20:1; Job 42:9
f Job 12:4
g Job 6:10
h Job 6:29; Job 10:7
i Job 38:1

**10:20** *Noma, "ngithi ukujabula kancane." **10:21** *Noma, "lobumnyama nethunzi lokufa." **11:2** *Noma, "ingabe umuntu oziqhayisayo uyoba ongenaphutha?"

**11:7** *Noma, "umkhawulo wobukhulu." **11:8** *Noma, "kuneShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **11:12** *Noma, "Mhla imbongolo yasendle izalwa ingumuntu."

18 Uyoqiniseka ngoba likhona ithemba,
Uyoqalaza futhi ulale ngokulondeka.
19 Uyolala, kungekho muntu okwenza wesabe,
Abantu abaningi bayozama ukuthola umusa wakho.
20 Kodwa amehlo ababi ayofiphala;
Ngeke bayithole indawo abayobalekela kuyo,
Ithemba labo liyoba ukufa."[a]

12 UJobe waphendula wathi:
2 "Ngempela yinina abantu abaziyo,*
Futhi ukuhlakanipha kuyofa nani!
3 Kodwa nami nginakho ukuqonda.*
Angikho ezingeni elingaphansi kwelenu.
Ubani ongazazi lezi zinto?
4 Sengiyinhlekisa kubangani bami,[b]
Ngoba ngibiza uNkulunkulu futhi ngilindele ukuba angiphendule.[c]
Umuntu olungile nongasoleki uyinhlekisa.
5 Inhlekelele iyadeleleka kumuntu ongenazinkinga,
Ucabanga ukuthi yehlela kuphela labo abanezinyawo ezishelelayo.*
6 Amatende ezigebengu anokuthula,[d]
Nalabo abachukuluza uNkulunkulu baphephile,[e]
Labo abaphethe onkulunkulu babo ngezandla.
7 Manje ngicela ubuze izilwane, zizokufundisa;
Nezinyoni zamazulu, zizokutshela.
8 Noma bukisisa umhlaba,* uzokufundisa;
Nezinhlanzi zolwandle zizokutshela iqiniso.
9 Yikuphi phakathi kwazo zonke lezi zinto okungazi
Ukuthi lokhu kwenziwe isandla sikaJehova?
10 Esandleni sakhe kukhona ukuphila kwazo zonke izinto eziphilayo
Nomoya* wabo bonke abantu.[a]
11 Indlebe ayiwavivinyi yini amazwi
Ngendlela ulimi* olunambitha ngayo ukudla?[b]
12 Akukho yini ukuhlakanipha kulabo asebebadala,[c]
Ukuqonda akutholakali yini kulabo asebephile isikhathi eside?
13 Kuye, kukhona ukuhlakanipha namandla;[d]
Uneseluleko nokuqonda.[e]
14 Lapho ediliza okuthile, ngeke kwakhiwe;[f]
Akuvalile, ngeke kuvulwe muntu.
15 Lapho engayinisi imvula, konke kuyoma;[g]
Lapho eyinisa, amanzi ayagcwala emhlabeni.[h]
16 Kuye kunamandla nokuhlakanipha;[i]
Owenza iphutha nodukisayo bangabakhe;
17 Wenza abeluleki bahambe bengafake zicathulo,*
Enze abahluleli babe iziphukuphuku.[j]
18 Uqaqa izibopho eziboshwe amakhosi,[k]
Abophe ibhande ezinkalweni zawo.

ISAHL. 11
a Job 8:13, 14; Job 18:5, 14

ISAHL. 12
b Job 16:10; Job 17:2; Job 30:1; Hu 22:7; Heb 11:36
c Hu 91:15; Mik 7:7
d Hu 37:35; Hu 73:12; Jer 12:1
e Job 21:7, 9

Uhla 2
a Num 16:22; Hu 104:30; Shu 12:7; Hez 18:4
b Job 34:3
c Job 32:6, 7
d Job 9:4; Dan 2:20
e Job 36:5; Hu 147:5; Isay 40:14; Jer 10:12; Rom 11:34
f Jud 7
g Gen 8:1; Eks 14:21; Nah 1:4
h Gen 6:17
i Rom 1:20
j Isay 29:14; Isay 44:25
k Dan 2:21

**12:2** *NgesiHebheru, "yinina abantu." **12:3** *NgesiHebheru, "inhliziyo." **12:5** *Noma, "ezixegezelayo."

**12:8** *Noma kungaba, "khuluma nomhlaba." **12:10** *Noma, "Nomoya ophefumulwayo." **12:11** *NgesiHebheru, "ulwanga." **12:17** *Noma, "bahlubule yonke into."

19 Wenza abapristi bahambe
bengafake zicathulo,[a]
Aketule labo abanamandla
amakhulu;[b]
20 Uphuca abeluleki abethe-
njwayo inkulumo,
Asuse nokuqonda emaxhe-
gwini;*
21 Uthobisa izicukuthwane,[c]
Enze abanamandla babe
buthaka;*
22 Wembula izinto ezijulile
ebumnyameni,[d]
Akhanyise izindawo ezim-
nyama bhuqe;
23 Wenza izizwe zibe nama-
ndla ukuze azibhubhise;
Uyazandisa ukuze aziyise
ekuthunjweni.
24 Ususa ukuqonda* kwabaho-
li babantu
Abenze bazulazule ehlane
elingenazindlela.[e]
25 Baphumputha ebumnyame-
ni,[f] lapho kungenakukha-
nya khona;
Ubenza bazulazule njenga-
bantu abadakiwe.[g]

13 "Yebo, iso lami likuboni-
le konke lokhu,
Indlebe yami ikuzwile yaku-
qonda.
2 Lokho enikwaziyo nami
ngiyakwazi;
Angikho phansi kunani.
3 Mina, bengingancamela
ukukhuluma noMninima-
ndla Onke uqobo lwakhe;
Ngifisa ukukhuluma udaba
lwami noNkulunkulu.[h]
4 Kodwa nina ningibheca
ngamanga;
Nonke ningodokotela aba-
ngasizi ngalutho.[i]
5 Ukube nje beningathula du,
Lokho bekuyobonisa uku-
thi nihlakaniphile.[a]
6 Ngicela nilalele uvo* lwami,
Ninake ukuncenga kwami.
7 Ingabe niyokhuluma nge-
ndlela engenabulungisa
ngoNkulunkulu,
Futhi ingabe niyokhuluma
inkohliso ngaye?
8 Ingabe niyoba ngasohla-
ngothini lwakhe,*
Nizame ukulwela uNkulu-
nkulu weqiniso?
9 Kuyonihambela kahle yini
uma enihlola?[b]
Ingabe niyomenza isiphu-
kuphuku ngendlela eni-
ngenza ngayo umuntu
ofayo?
10 Nakanjani uyonisola
Uma nizama ukubonisa
ukukhetha ekusithekeni.[c]
11 Ngeke yini nethuswe ngi-
sho nayisithunzi sakhe,
Nifikelwe ukumesaba?
12 Amazwi enu okuhlakani-
pha* ayizaga zomlotha;
Enizivikela ngakho ku-
ntekenteke njengezivikelo
zobumba.
13 Thulani ukuze ngikhulume.
Ngemva kwalokho noma
yini engase ingehlele
mayingehlele!
14 Kungani ngizifaka engozini,
Ngibeka ukuphila* kwami
ezandleni zami?
15 Nakuba engase angibulale,
bengiyoqhubeka
ngilinde;[d]
Bengiyokhuluma naye
udaba lwami.*
16 Ubeyoba insindiso yami,[e]
Ngoba akukho muntu onga-

ISAHL. 12
a Jer 14:18
b Luk 1:52
c Hu 107:40
d Dan 2:22
e Hu 107:40
f Dut 28:29
g Hu 107:27

ISAHL. 13
h Job 23:3, 4; Job 31:35
i Job 16:2

Uhla 2
a IzA 17:28; Jak 1:19
b Hu 139:23; Jer 17:10
c Hu 50:20, 21; Jak 2:9
d Job 19:25; Hu 23:4
e Eks 15:2; Hu 27:1; Isay 12:2

12:20 *Noma, "emadodeni amadala." 12:21 *NgesiHebheru, "Axegise ibhande labanamandla." 12:24 *NgesiHebheru, "inhliziyo."

13:6 *Noma, "imibono." 13:8 *Noma, "niyomphatha ngokukhetha." 13:12 *Noma, "angalibaleki." 13:14 *Noma, "umphefumulo." 13:15 *Noma, "Bengiyovikela izindlela zami."

mesabi uNkulunkulu*
ongangena phambi
kwakhe.[a]
17 Lilalelisiseni izwi lami;
Nakani engikushoyo.
18 Bhekani manje, ngiku-
lungele ukwethula icala
lami enkantolo;
Ngiyazi ukuthi ngimsulwa.
19 Ubani ozophikisana nami?
Ngingafa uma ngingathula!
20 Nkulunkulu, zimbili izinto
engizicela kuwe.
Ngemva kwalokho ngeke
ngisazifihla kuwe:
21 Dedisela kude nami isandla
sakho esisindayo,
Ungavumeli ukukwesaba
kwami kungethuse.[b]
22 Kungaba ngcono ubize,
mina ngiphendule,
Noma mina ngikhulume,
wena ungiphendule.
23 Ziyini iziphambeko nezono
zami?
Ngambulele iseqo sami
nesono sami.
24 Kungani ungifihlela ubuso
bakho[c]
Futhi ungibheka njengesi-
tha sakho?[d]
25 Ingabe uyozama ukwesabi-
sa iqabunga elipheshulwa
umoya
Noma uxoshane nezinhla-
nga ezomile?
26 Ngoba ulokhu uloba izinso-
lo ezimbi ngami,
Futhi ungenza ngiphendule
ngezono zasebusheni
bami.
27 Ufake izinyawo zami
kozankosi,*
Ucubungula zonke izindlela
zami,
Ulandela lapho nginyathele
khona.
28 Ngakho umuntu* ubola
njengento ebolile,
Njengengubo edliwe
inundu.

14 "Umuntu ozalwa
owesifazane,
Uphila isikhashana[a] futhi
ukuphila kwakhe kugcwe-
le izinkathazo.*[b]
2 Uyavela njengembali bese
eyabuna;*[c]
Uyabaleka njengesithunzi
bese enyamalala.[d]
3 Yebo, ugxilise iso lakho
kuye,
Futhi umletha* ekwahlule-
lweni.#[e]
4 Ubani ongaveza ohlanzeki-
le kongcolile?[f]
Akekho noyedwa!
5 Uma izinsuku zakhe
zinqunywa,
Isibalo sezinyanga zakhe
sikuwe;
Umbekele umkhawulo
ukuze angeqeli ngale.[g]
6 Susa amehlo akho kuye
ukuze aphumule,
Kuze kube yilapho eqeda
usuku lwakhe njengesise-
benzi esiqashiwe.[h]
7 Ngoba kukhona ithemba
ngisho nangesihlahla.
Uma sigawulwa, siyohluma
futhi,
Amahlumela aso ayoqhu-
beka ekhula.
8 Uma impande yaso iguga
emhlabathini
Nesiphunzi saso sifa
emhlabathini,

---

**13:16** *Noma, "sihlubuki." **13:27** *Noma, "ezingongolweni." Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**13:28** *NgesiHebheru, elithi "umuntu," kungenzeka libhekisela kuJobe. **14:1** *Noma, "izinsizi." **14:2** *Noma kungaba, "eyanqunywa." **14:3** *NgesiHebheru, "ungiletha." #Noma, "umletha enkantolo ukuze umahlulele."

---

ISAHL. 13
a Job 27:8; Job 36:13; Isay 33:14
b Job 9:34, 35; Job 33:6, 7
c Hu 10:1; Hu 13:1; Hu 44:24
d Job 16:9; Job 19:11; Job 33:8-11

Uhla 2

ISAHL. 14
a Hu 39:5, 6; Jak 4:14
b Gen 3:19; Gen 47:9; Hu 90:10; Shu 2:23
c Hu 103:15, 16; Isay 40:6; Jak 1:10, 11; 1Pe 1:24
d 1Kr 29:15; Hu 102:11; Hu 144:4
e Hu 143:2
f Gen 5:3; Hu 51:5; Rom 5:12
g Hu 39:4
h Hu 39:13

9 Ngephunga lamanzi
siyohluma;
Siyoveza amagatsha nje-
ngesitshalo esisha.
10 Kodwa umuntu uyafa adi-
ndilize engasenamandla;
Lapho umuntu efa, usuke
ekuphi?[a]
11 Amanzi ayanyamalala
olwandle,
Nomfula uyasha wome.
12 Umuntu naye uyalala
angavuki.[b]
Ngeke baphaphame kuze
kube yilapho izulu
lingasekho,
Futhi ngeke bavuswe
ebuthongweni babo.[c]
13 O ukube ubungangithuku-
sa eThuneni,*[d]
Ukube ubungangifihla
kuze kudlule intukuthelo
yakho,
Ukube ubungangikalela isi-
khathi bese uyangikhu-
mbula![e]
14 Uma umuntu efa, angabuye
aphile futhi?[f]
Ngiyolinda zonke izinsuku
zami zobugqila ezimi-
siwe,*
Kuze kufike impumuzo
yami.[g]
15 Uyobiza, mina ngiyokuphe-
ndula.[h]
Uyolangazelela umsebenzi
wezandla zakho.
16 Kodwa okwamanje ulokhu
ubala zonke izinyathelo
zami;
Ubheka isono sami nje
kuphela.
17 Iseqo sami sivalelwe
esikhwameni,

14:13 *Noma, "eShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. 14:14 *Okuwukuthi, ethuneni.

ISAHL. 14
a Shu 3:19, 20
Shu 9:10
b Shu 9:5
Shu 12:5
c Hu 13:3
Joh 11:11
IzE 7:59, 60
d 1Sa 2:6
Isay 57:1, 2
e Luk 23:42
Joh 5:28, 29
Heb 11:35
f Joh 11:25
IzE 26:8
1Ko 15:12
IsA 20:13
g Job 19:25
h Dan 12:13
Joh 5:28, 29
Joh 11:43, 44

Uhla 2
a Shu 8:8
Isay 57:16
b Shu 9:5, 6

ISAHL. 15
c Job 2:11
Job 4:1

Ufaka ingcina* phezu
kwesiphambeko sami.
18 Njengoba nentaba idilika
iphele
Nedwala ligudluzwa
endaweni yalo,
19 Njengoba amanzi egugula
amatshe
Nezikhukhula zikhukhula
inhlabathi,
Ulishabalalise kanjalo ithe-
mba lomuntu ofayo.
20 Ulokhu umhlula kuze kube
yilapho eshabalala;[a]
Ushintsha indlela abukeka
ngayo, umhambise.
21 Amadodana akhe ayadunyi-
swa, kodwa yena akakwa-
zi lokho;
Aba angelutho, kodwa yena
akakuqapheli lokho.[b]
22 Uzwa ubuhlungu kuphela
lapho esaphila;
Ulila kuphela lapho
esaphila."

15 U-Elifazi[c] umThemani wa-
phendula wathi:
2 "Ingabe umuntu ohlakani-
phile uyophendula nga-
mazwi angathi shu,*
Noma ingabe uyogcwalisa
isisu sakhe ngomoya wa-
sempumalanga?
3 Ukusola ngamazwi nje
akusizi ngalutho,
Nokukhuluma nje
akuzuzisi.
4 Ngoba wena udelela ukwe-
saba uNkulunkulu,
Uvimba abanye ukuba bazi-
ndle ngoNkulunkulu.
5 Ngoba isiphambeko sakho
sinquma lokho oku-
shoyo,*

14:17 *Noma, "iglu." 15:2 *Noma, "ngolwazi oluwumoya." 15:5 *Noma, "isiphambeko sakho siqeqesha umlomo wakho."

Futhi ukhetha inkulumo yobuqili.
6 Ngumlomo wakho okulahlayo, akumina;
Izindebe zakho yizona ezikulahlayo.[a]
7 Nguwe yini owaba umuntu wokuqala ukuzalwa,
Noma ingabe wazalwa ngaphambi kwamagquma?
8 Uyayilalela yini inkulumo kaNkulunkulu eyimfihlo,
Noma ingabe ukuhlakanipha ukugcina kuwe wedwa?
9 Yini oyaziyo esingayazi thina?[b]
Yini oyiqondayo esingayiqondi thina?
10 Phakathi kwethu kukhona kokubili impunga nosemdala,[c]
Amadoda amadala kakhulu kunoyihlo.
11 Ayanele yini induduzo kaNkulunkulu kuwe,
Noma amazwi akhulunywa ngobumnene kuwe?
12 Kungani inhliziyo yakho ikukhukhumeza,
Futhi kungani amehlo akho egcwele intukuthelo?
13 Ngoba wenza umoya wakho uvukele uNkulunkulu ngokwakhe,
Futhi uvumela amazwi anjalo ukuba aphume emlonyeni wakho.
14 Uyini umuntu ofayo ukuba abe msulwa,
Noma umuntu ozelwe owesifazane ukuba abe olungile?[d]
15 Bheka! Akanalo ukholo kwabangcwele bakhe,
Ngisho namazulu awahlanzekile emehlweni akhe.[e]
16 Kangakanani-ke lapho umuntu engonengekayo futhi ekhohlakele,[f]
Umuntu ophuza ukungalungi njengokungathi uphuza amanzi nje!
17 Ngizokutshela; ngilalele!
Ngizokuxoxela engikubonile,
18 Lokho amadoda ahlakaniphile akulandisile kuvela koyise,[a]
Izinto abangazange bazifihle.
19 Izwe lanikwa bona kuphela,
Futhi akukho sihambi esadabula phakathi kwabo.
20 Umuntu omubi ubhekana nokuhlushwa zonke izinsuku zakhe,
Phakathi nayo yonke iminyaka egcinelwe umashiqela.
21 Imisindo ethusayo isezindlebeni zakhe;[b]
Phakathi nesikhathi sokuthula, abaphangi bayamthelekela.
22 Akakholwa ukuthi uyobubalekela ubumnyama;[c]
Ugcinelwe inkemba.
23 Uyazulazula efuna ukudla*—kukuphi?
Wazi kahle ukuthi usuku lobumnyama luseduze.
24 Ukucindezeleka nobuhlungu kulokhu kumesabisa kakhulu;
Kumehlula njengenkosi elungele ukuhlasela.
25 Ngoba welula isandla sakhe simelane noNkulunkulu
Futhi azame ukudelela* uMninimandla Onke;
26 Ngenkani uyaphuthuma ayomelana noNkulunkulu
Ngehawu lakhe eliwugqinsi;
27 Usibekela ubuso bakhe ngamafutha,

**ISAHL. 15**
*a* Job 42:8
*b* Job 13:2; Job 16:2
*c* Job 32:6
*d* Job 25:4
*e* Job 25:5, 6; Job 42:7
*f* Job 4:18, 19

**Uhla 2**
*a* Job 8:8
*b* Job 18:11; Job 20:25
*c* Job 18:12

**15:23** *NgesiHebheru, "isinkwa."
**15:25** *Noma, "ukuzibonisa enamandla ngaphezu."

Nezinkalo zakhe zikhulu-
phele;
28 Uhlala emadolobheni
azobhujiswa,
Ezindlini ezingeke zihlalwe
muntu,
Ezizoba inqwaba yamatshe.
29 Ngeke acebe, nomcebo
wakhe ngeke wande,
Nezinto zakhe ngeke zande
ezweni.
30 Ngeke abubalekele
ubumnyama;
Ihlumela* lakhe liyokomi-
swa yilangabi,
Uyopheshulwa umoya
ophuma emlonyeni
kaNkulunkulu.[a]
31 Akufanele aphambuke
athembele ezintweni
ezingasizi ngalutho,
Ngoba umvuzo awutholayo
ngeke ube nanzuzo;
32 Kuyokwenzeka ngaphambi
kosuku lwakhe,
Amagatsha akhe awasoze
abe mahle.[b]
33 Uyoba njengesihlahla sa-
magilebhisi esiwisa ama-
gilebhisi angavuthiwe,
Nanjengesihlahla somnqu-
mo esiwisa izimbali zaso.
34 Ngoba umhlangano waba-
ngamesabi uNkulunkulu*
awunazithelo,[c]
Futhi umlilo uyoqothula
amatende okufumba-
thisa.
35 Bakhulelwa inkathazo,
bazale okubi,
Isibeletho sabo sikhipha
inkohliso."

16 UJobe waphendula wathi:
2 "Ngizwe izinto eziningi
ezifana nalezi ngapha-
mbili.
Nonke ningabaduduzi
abayinkathazo![a]
3 Ayaphela yini amazwi
angathi shu?*
Yini enenza niphendule
kanje?
4 Nami bengingakhuluma
njengani.
Ukube benisesimweni
engikuso,
Benginganigxeka,
Ngininikinele ikhanda.[b]
5 Kunalokho, bengiyoniqini-
sa ngamazwi omlomo
wami,
Induduzo yezindebe zami
ibiyonilethela impumuzo.[c]
6 Uma ngikhuluma, ubuhlu-
ngu bami abupheli,[d]
Uma ngiyeka ukukhuluma,
izinhlungu zami zincipha
kangakanani?
7 Kodwa manje uNkulunkulu
ungenze ngadinwa;[e]
Wonke umndeni wami*
uwenze incithakalo.
8 Uphinde ungibambe, futhi
sekube ubufakazi,
Kangangokuba ukuzaca
kwami kuyaphakama ku-
fakaze ebusweni bami.
9 Intukuthelo yakhe ingidwe-
ngule ngaba izicucu, futhi
ungifukamelela inzondo.[f]
Ungigedlela amazinyo.
Amehlo esitha sami athe
njo kimi.[g]
10 Bawuvule kakhulu umlomo
wabo ngokumelene nami,[h]
Bashaye izihlathi zami
ngendelelo;
Bangihlasela beyibutho
elikhulu.[i]
11 UNkulunkulu unginikela
kubafanyana,
Angijikijele ezandleni
zababi.[j]

ISAHL. 15
a Job 4:9
b Job 22:15, 16
c Job 8:11-13

Uhla 2

ISAHL. 16
a Job 13:4, 5
Job 19:2, 3
b Hu 109:25
Mat 27:39
c IzA 27:9
Mat 7:12
Rom 12:15
1Pe 3:8
d Job 2:13
e Job 7:3
f Job 10:16
g Job 33:8-10
h Hu 22:13
i Hu 35:15
j Hu 27:12

15:30 *Okuwukuthi, noma yiliphi ithemba lokuphinde asimame. 15:34 *Noma, "wezihlubuki."

16:3 *Noma, "awumoya." 16:7 *Noma, "labo ababa kanye nami."

12 Bengingenazinkathazo, kodwa wangichoboza;[a]
Wangibamba ngentamo wangiphihliza;
Wangenza isisulu sakhe.
13 Abacibisheli bakhe bangihaqile;[b]
Uqhekeza izinso zami[c] angabi nabubele;
Uthululela inyongo yami emhlabathini.
14 Uyangibhodloza evula izimbobo ngezimbobo;
Ugijimela kimi njengeqhawe.
15 Ngithunge indwangu yesaka ukuze ngembathise umzimba wami,[d]
Isithunzi* sami ngisingcwabe emhlabathini.[e]
16 Ubuso bami bubomvu ngenxa yokukhala,[f]
Kunobumnyama obuzungeze amehlo ami,
17 Nakuba izandla zami zingenzanga bubi
Nomthandazo wami umsulwa.
18 O mhlaba, ungalimbozi igazi lami![g]
Mangingathuliswa ekukhaleni kwami!
19 Ngisho kwamanje, ufakazi wami usemazulwini;
Ongangifakazela usezindaweni eziphakeme.
20 Abangani bami bayangihleka[h]
Njengoba iso lami likhalela* uNkulunkulu.[i]
21 Makube nomahluleli phakathi komuntu noNkulunkulu,
Njengoba ebengahlulela phakathi komuntu nomuntu wakubo.[j]
22 Ngoba iminyaka ezayo imbalwa,
Ngiyohamba ngingaphinde ngibuye.[a]

17 "Umoya wami uphukile, izinsuku zami ziciniyiwe;
Ithuna lingilindile.[b]
2 Ngizungezwe abahleki bosulu,[c]
Iso lami kumele ligqolozele ukuziphatha kwabo kokudlubulunda.
3 Ngicela wamukele isibambiso sami, usigcine kuwe.
Ubani omunye ozoxhawulana nami enze isithembiso ngenxa yami?[d]
4 Ngoba ukufihlile ukuqonda ezinhliziyweni zabo;[e]
Yingakho ungabaphakamisi.
5 Umuntu angase aphe abangani bakhe izinto zakhe,
Kuyilapho amehlo ezingane zakhe efiphala.
6 UNkulunkulu ungenze inhlekisa* phakathi kwezizwe,[f]
Kangangokuba ngaba umuntu okhafulelwa ebusweni.[g]
7 Amehlo ami awasaboni kahle* ngenxa yokukhathazeka,[h]
Izingalo nemilenze yami kunjengethunzi.
8 Abantu abaqotho bayamangala lapho bebona lokhu,
Nomsulwa uphazanyiswa ongamesabi uNkulunkulu.*
9 Olungile ulokhu ebambelele ngokuqinile endleleni yakhe,[i]
Nonezandla ezihlanzekile uba namandla.[j]

ISAHL. 16
a Job 1:12, 17
b Job 7:20
c Hu 73:21
d 1Kh 21:27 2Kh 6:30
e Job 30:19 Hu 7:5
f Hu 6:6 Hu 31:9 IsiL 1:16
g Gen 4:8, 10 Hu 72:14
h Job 12:4
i Hu 40:1 Hu 142:2
j Job 31:35

Uhla 2
a Job 7:9 Job 14:10 Shu 12:5

ISAHL. 17
b Hu 88:3, 4 Isay 38:10
c Hu 35:16 Heb 11:36
d IzA 17:18
e 2Sa 17:14 Isay 6:10 Mat 11:25
f Hu 69:11, 12
g Job 30:9, 10
h Job 16:16 Hu 6:7 Hu 31:9
i Hu 119:165
j Hu 24:3, 4 Hu 84:5, 7

**16:15** *Noma, "Amandla." **16:20** *Noma kungaba, "lithe njo."

**17:6** *NgesiHebheru, "isaga." **17:7** *Noma, "asenqundekile." **17:8** *Noma, "isihlubuki."

10 Nokho, nonke ningeza nizoqhubeka nokuphikisa kwenu,
Ngoba angikatholi muntu ohlakaniphile phakathi kwenu.[a]
11 Izinsuku zami ziphelile;[b]
Amacebo kanye nezifiso zami kushabalele.[c]
12 Ubusuku bami babuphendula imini,
Bethi, 'Kumele ukuba ukukhanya sekuseduze ngoba kumnyama.'
13 Uma ngilinda, iThuna* liyoba ikhaya lami;[d]
Ngiyokwendlala umbhede wami ebumnyameni.[e]
14 Ngiyothi egodini,*[f] 'Ungubaba wami!'
Empethwini ngithi, 'Ungumama wami nodadewethu!'
15 Likuphi-ke ithemba lami?[g]
Ubani ongangibonela lona?
16 Liyokwehlela emigoqweni yeThuna,*
Nami ngiyokwehlela othulini kanye nalo."[h]

18 UBhilidadi[i] umShuhi waphendula wathi:
2 "Kuyoze kube nini nikhuluma* lezo zinto?
Bonisani ukuqonda ukuze sikwazi ukukhuluma.
3 Kungani nisibheka njengezilwane[j]
Futhi nisibheka njengeziphukuphuku?*
4 Ngisho noma ungazidephuna ube izicucu ngenxa yentukuthelo yakho,
Ingabe umhlaba uyoshiywa ngenxa yakho,
Noma ingabe idwala liyogudluka endaweni yalo?
5 Impela, ukukhanya komubi kuyocima,
Nelangabi lomlilo wakhe ngeke likhanye.[a]
6 Ukukhanya okusetendeni lakhe nakanjani kuyofiphala,
Nesibani esimkhanyiselayo siyocima.
7 Amagxathu akhe obungqabavu ayathothana,
Neseluleko sakhe siyomwisa.[b]
8 Ngoba izinyawo zakhe ziyomholela enethini,*
Uphokophele ekubanjweni inethi.
9 Isicupho siyombamba ngesithende;
Ugibe luyombamba.[c]
10 Intambo acushwe ngayo ifihlwe emhlabathini,
Isicupho sisendleleni yakhe.
11 Izinto ezimethusayo zimqhamukela nxazonke,[d]
Zisezithendeni zakhe.
12 Amandla akhe ayaphela,
Nenhlekelele[e] iyomenza adiyazele.*
13 Isikhumba sakhe sidlekile;
Isifo esibulala kunazo zonke* sidla izingalo nemilenze yakhe.
14 Ususwa etendeni lakhe eliphephile[f]
Ayiswe enkosini yezinto ezesabisayo.*

ISAHL. 17
a Job 6:29
b Job 7:6 Job 9:25 Isay 38:10
c Jak 4:13, 14
d Shu 12:5, 7
e Job 10:21, 22
f Hu 49:7, 9 Hu 143:7
g Job 7:6 Job 14:19 Job 19:10
h Gen 3:19 Job 3:19

ISAHL. 18
i Job 2:11 Job 8:1
j Hu 73:22

Uhla 2
a Job 8:13, 14 Job 11:20
b Job 5:13
c Job 5:5 Job 22:5, 10
d Job 15:21 Job 20:25
e Job 15:23
f Job 11:20

---

**17:13** *Noma, "iShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **17:14** *Noma, "ethuneni." **17:16** *Noma, "yeShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **18:2** *Kungenzeka kubhekiselwa kuJobe nalabo abafana naye noma abazwelana naye. **18:3** *Noma kungaba, "njengabangcolile."

**18:8** *Noma, "esicuphweni." **18:12** *Noma, "axhuge." **18:13** *NgesiHebheru, "Izibulo lokufa." **18:14** *Noma, "ekufeni okunyantisayo."

15 Etendeni lakhe kuyohlala
izihambi;*
Umuzi wakhe uyoqothulwa
ngomlilo.#[a]
16 Izimpande zakhe ziyokoma
ngaphansi kwakhe,
Namagatsha akhe abune
phezu kwakhe.
17 Ukukhunjulwa kwakhe ku-
yoshabalala emhlabeni,
Negama lakhe ngeke lazi-
we* esitaladini.
18 Uyosuswa ekukhanyeni
ayiswe ebumnyameni,
Axoshwe ezweni
elikhiqizayo.
19 Ngeke abe nanzalo nazizu-
kulwane kubantu bakubo,
Futhi ngeke abe namuntu
osele endaweni ahlala
kuyo.*
20 Lapho usuku lwakhe lufika,
abantu baseNtshonalanga
bayomangala
Nabantu baseMpumalanga
bayoshaqeka.
21 Yilokho okwenzeka emate-
ndeni omenzi wobubi
Nasendaweni yomuntu
ongazange amazi uNkulu-
nkulu."

19 UJobe waphendula wathi:
2 "Kuyoze kube nini ni-
ngicasula,*[b]
Ningichoboza ngamazwi?[c]
3 Sekuyizikhathi eziyishumi
ningisola;*
Aninamahloni ngokuthi ni-
ngiphatha ngokhahlo.[d]
4 Uma kuwukuthi ngilenzile
ngempela iphutha,
Iphutha lami liyohlale
lingelami.
5 Uma niqhubeka nokungibu-
kela phansi,
Nithi isihlamba sami
singifanele,
6 Yazini ukuthi nguNkulu-
nkulu ongidukisile,
Ungibambe ngenethi lakhe
lokuzingela.
7 Bhekani! Ngilokhu ngikhale
njalo, ngithi, 'Ubudlova!'
kodwa angitholi mpe-
ndulo;[a]
Ngilokhu ngikhalela usizo,
kodwa abukho ubulu-
ngisa.[b]
8 Indlela yami uyivimbe
ngodonga lwamatshe,
angikwazi ukudlula;
Umboze izindlela zami
ngobumnyama.[c]
9 Ungiphuce inkazimulo
yami,
Wasusa umqhele ekhanda
lami.
10 Ungichoboza nxazonke
ngize ngishabalale;
Ithemba lami ulisiphula
njengesihlahla.
11 Intukuthelo yakhe iyangi-
vuthela,
Ungibheka njengesitha
sakhe.[d]
12 Amabutho akhe ayahlanga-
na angivimbezele,
Amise amatende azungeze
itende lami.
13 Abafowethu ubaxoshile
wabayisa kude nami,
Nabangaziyo bangifula-
thele.[e]
14 Abangani bami abakhulu*
abasekho,
Nalabo ebengibazi kahle
bangikhohliwe.[f]
15 Izivakashi emzini wami[g]
nezigqilakazi zami

ISAHL. 18
a Dut 29:22, 23

ISAHL. 19
b Hu 42:10
c Hu 55:21 IzA 12:18
d IzA 18:24

Uhla 2
a Hu 22:2 Hab 1:2
b Luk 18:7
c Job 3:23 Hu 88:8
d Job 13:24
e Hu 31:11 Hu 69:8
f Hu 38:11
g Job 31:32

**18:15** *NgesiHebheru, "okungekona okwakhe." #Noma, "ngesibabule esivuthayo." **18:17** *NgesiHebheru, "Ngeke abe nagama." **18:19** *Noma, "endaweni yakhe yokuhlala yesikhashana." **19:2** *Noma, "nicasula umphefumulo wami." Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **19:3** *Noma, "ningithuka."

**19:14** *Noma, "Izihlobo zami."

zingibheka njengomuntu
oyisihambi;
Ngiyisifiki emehlweni azo.
16 Ngibiza inceku yami, kodwa
ayiphenduli;
Ngomlomo wami ngiyince-
nga ukuba ingibonise
uzwela.
17 Umoya wami usuyenyanye-
ka kumkami,[a]
Futhi ngiyiphunga elibi
kubafowethu.
18 Ngisho nezingane ezincane
azinginaki;
Uma ngisukuma, ziyangi-
delela.
19 Ngiyanengeka kubo bonke
abangani bami abakhulu,[b]
Nalabo ebengibathanda
bangijikele.[c]
20 Amathambo ami anamathe-
la esikhunjeni nasenya-
meni yami,[d]
Ngisinde sengibangwa
nezibi.
21 Ngiboniseni umusa bangani
bami, ngiboniseni umusa,
Ngoba isandla sikaNku-
lunkulu uqobo singithi-
ntile.[e]
22 Kungani niqhubeka ningi-
shushisa njengoba kwe-
nza uNkulunkulu,[f]
Ningayeki ukungihlasela?[g]
23 Ukube nje amazwi ami
abebhalwe phansi,
Ukube abengabhalwa
encwadini!
24 Ukube nje abeqoshwe
edwaleni kuze kube
phakade,
Ngothi lokuloba lwensimbi
nangomthofu!
25 Ngoba ngazi kahle
ukuthi umkhululi*[h] wami
uyaphila;
Uzoza kamuva, aphakame
phezu komhlaba.
26 Ngemva kokuba isikhumba
sami sesivithikile,
Ngiyombona uNkulunkulu
ngisaphila,
27 Lowo engiyozibonela yena
mathupha,
Lowo amehlo ami uqobo
ayombona, hhayi awomu-
nye umuntu.[a]
Kodwa ngaphakathi ekuju-
leni kimi ngiphela ama-
ndla.*
28 Ngoba nina nithi, 'Simshu-
shisa kanjani?'[b]
Njengokungathi yimina
umnyombo wenkinga.
29 Yesabeni inkemba,[c]
Ngoba inkemba iletha isi-
jeziso ngenxa yezipha-
mbeko;
Kufanele nazi ukuthi
ukhona umahluleli."[d]

20 USofari[e] umNahama wa-
phendula wathi:
2 "Yingakho imicabango
ekhathazayo ingiphoqa
ukuba ngiphendule
Ngenxa yokuthi ngikhatha-
zekile.
3 Ngisolwe ngendlela
engihlazisayo;
Ukuqonda kwami
kungiphoqa ukuba
ngiphendule.
4 Kumele ukuba nakanjani
ubulokhu ukwazi lokhu,
Ngoba bekulokhu kunjalo
kusukela umuntu* abe-
kwa emhlabeni,[f]
5 Ukuthi injabulo yababi
imfushane
Nokujabula komuntu
ongamkhonzi uNkulunku-
lu* kungokomzuzwana.[g]
6 Nakuba ubukhulu bakhe
benyukela ezulwini

ISAHL. 19
a Job 2:9
b Job 17:6 Hu 88:8
c Hu 109:5
d Job 30:30 Hu 102:5
e Job 1:10-12 Hu 38:2
f Job 2:9, 10
g Hu 69:26
h Job 14:14 Hu 19:14 Hu 69:18 Hu 103:2, 4 Mat 20:28 Mar 10:45

Uhla 2
a Hu 17:15
b Hu 69:26
c Dut 32:41
d Hu 58:11 Mat 7:1 Rom 14:4 Jak 4:12

ISAHL. 20
e Job 2:11 Job 11:1
f Job 8:8
g Job 8:13, 19 Job 21:28

19:25 *Noma, "umhlengi."

19:27 *Noma, "Izinso zami ziyekile ukusebenza." 20:4 *Noma, "isintu; u-Adamu." 20:5 *Noma, "kwesihlubuki."

Nekhanda lakhe lifinyelela
emafwini,
7 Uyoshabalala phakade
njengendle yakhe;
Labo ababejwayele uku-
mbona bayothi, 'Uphi?'
8 Uyohamba ngokushesha
njengephupho, ngeke
bamthole;
Uyoxoshwa njengombono
wasebusuku.
9 Iso elake lambona ngeke
liphinde limbone,
Nendawo yakhe ngeke
iphinde imbone.[a]
10 Izingane zakhe ziyofuna
umusa kwababahluphekayo,
Nezandla zakhe ziyobuyi-
sela ingcebo ayeyithathe
kwabanye.[b]
11 Amathambo akhe abegcwe-
le ubungqabavu bobusha,
Kodwa buyolala naye othu-
lini nje.
12 Uma okubi kunambitheka
kamnandi emlonyeni
wakhe,
Uma ekufihla ngaphansi
kolimi lwakhe,
13 Uma ekuthokozela futhi
engakudedeli,
Kodwa eqhubeka ekugcine
emlonyeni wakhe,
14 Ukudla kwakhe kuyo-
shintsha kube muncu
esiswini;
Kuyoba njengoshevu* wezi-
mfezi ngaphakathi kuye.
15 Uwugwinyile umcebo,
kodwa uyowuhlanza;
UNkulunkulu uyowukhipha
wonke esiswini sakhe.
16 Uyomunca isihlungu
sezimfezi;
Uyobulawa amazinyo*
enyoka enesihlungu.
17 Akasoze ayibona imifudla-
na yamanzi,

20:14 *Noma, "njengenyongo." 20:16 *NgesiHebheru, "ulimi."

ISAHL. 20
a Job 8:13, 18
b Job 20:18

Uhla 2
a Job 20:10
b Job 15:21
Job 18:5, 11

Imifudlana yoju
nebhotela.
18 Uyobuyisela impahla yakhe
engazange ayisebenzise;
Ngeke awujabulele umcebo
ovela ekuhwebeni kwa-
khe.[a]
19 Ngoba uchoboze futhi
walahla abampofu;
Udle indlu angazange
ayakhe.
20 Kodwa ngeke abe nakho
ukuthula;
Umcebo wakhe ngeke umsi-
ze aphunyuke.
21 Akukho lutho olusele anga-
lushwabadela;
Yingakho engeke achume
phakade.
22 Lapho esenengcebo eningi,
ukukhathazeka kuyom-
fica;
Uyokwehlelwa izinto ezi-
mbi ngapha nangapha.
23 Njengoba egcwalisa isisu
sakhe,
UNkulunkulu uyothumela
intukuthelo yakhe evu-
thayo phezu kwakhe,
Izinto ezimbi ziyokwehlela
kuye njengemvula.
24 Lapho ebalekela izikhali
zensimbi,
Imicibisholo ephuma
emnsalweni wethusi
iyomhlaba.
25 Ukhipha umcibisholo
emhlane wakhe,
Isikhali esibenyezelayo
emathunjini* akhe,
Afikelwe ukwesaba.[b]
26 Ingcebo yakhe ilindelwe
ubumnyama obukhulu;
Umlilo ongavuthelwanga
muntu uyomudla umqede;
Inhlekelele iyokwehlela
noma ubani osinde
etendeni lakhe.
27 Izulu liyosembula isipha-
mbeko sakhe;

20:25 *NgesiHebheru, "enyongweni."

Umhlaba uyomelana
naye.
28 Isikhukhula siyokhukhula
indlu yakhe;
Kuyoba nesikhukhula esi-
namandla ngosuku lwe-
ntukuthelo kaNkulu-
nkulu.*
29 Lesi isabelo somuntu omu-
bi esivela kuNkulunkulu,
Ifa uNkulunkulu amnqume-
le lona."

21 UJobe waphendula wathi:
2 "Kulalelisiseni lokhu
engikushoyo;
Lokhu makube induduzo
eninginika yona.
3 Ngibekezeleleni lapho
ngisakhuluma;
Uma sengiqedile seninga-
ngenza-ke inhlekisa.[a]
4 Ingabe ngikhalaza
kumuntu?
Ukube bekunjalo, bengi-
ngeke* yini ngiphelelwe
isineke?
5 Ngibukeni, ningigqolozele
nimangele;
Nibeke isandla senu
emlonyeni.
6 Uma ngicabanga ngakho
ngiyaphazamiseka,
Wonke umzimba wami
uyaqhaqhazela.*
7 Kungani ababi bephila
isikhathi eside,[b]
Bekhula baze baguge futhi
beba izicebi?*[c]
8 Izingane zabo zihlale
zinabo,
Bathola nethuba lokubona
inzalo yezingane zabo.
9 Izindlu zabo ziphephile,
abesabi lutho,[d]
NoNkulunkulu akabajezisi
ngenduku yakhe.
10 Izinkunzi zabo zimithisa
njalo;
Izinkomazi zabo ziyazala,
aziphunzi.*
11 Abafanyana babo batsha-
kadula ngaphandle nje-
ngomhlambi,
Nezingane zabo ziyagxuma-
gxuma.
12 Lapho becula kudlala itha-
mborini nehabhu,
Bajatshuliswa umsindo
womtshingo.*[a]
13 Baphila ngokwaneliseka,
Baye eThuneni* ngoku-
thula.#
14 Kodwa bathi kuNkulunkulu
weqiniso, 'Hlukana nathi!
Asifuni ukuzazi izindlela
zakho.[b]
15 Ungubani uMninimandla
Onke ukuba simkhonze?[c]
Kuzosisiza ngani ukusonde-
la kuye?'[d]
16 Kodwa ngiyazi ukuthi uku-
chuma kwabo akukho
emandleni abo.[e]
Indlela ababi abacabanga
ngayo* ikude nami.[f]
17 Kukangaki isibani sababi
sicinywa?[g]
Kukangaki behlelwa
inhlekelele?
Kukangaki uNkulunkulu
ebabhubhisa ngolaka
lwakhe?
18 Kuke kwenzeke yini babe
njengotshani endaweni
enomoya,
Nanjengamakhoba aphe-
shulwa isivunguvungu?
19 Isijeziso somuntu uNkulu-

ISAHL. 21
a Job 16:10, 20 Job 17:2 Heb 11:36
b Hab 1:3, 13
c Job 12:6 Hu 37:7 Hu 73:3 Hu 73:12 Jer 12:1
d Hu 73:3, 5

Uhla 2
a Isay 5:12 Isay 22:13 Amo 6:4, 5
b Hu 10:4, 11 Hu 73:3, 11
c Eks 5:2 Hu 10:4 Hos 13:6
d Mal 3:14
e Luk 12:19, 20
f Hu 1:1
g IzA 13:9 IzA 20:20 IzA 24:20

20:28 *NgesiHebheru, "yakhe." 21:4 *NgesiHebheru, "umoya wami ubungeke." 21:6 *Noma, "uyathuthumela." 21:7 *Noma, "beba namandla."

21:10 *Noma, "azifelwa amankonyane." 21:12 *Noma, "wegemfe." 21:13 *Noma, "eShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. #Noma, "ngomzuzwana," okuwukuthi, ukufa okusheshayo nokungenabuhlungu. 21:16 *Noma, "Iseluleko sababi; Amacebo ababi."

nkulu uyosigcinela amadodana akhe.
Kodwa kwangathi uNkulunkulu angamjezisa* naye ukuze asizwe.[a]
20 Kwangathi amehlo akhe angakubona ukuwohloka kwakhe,
Futhi kwangathi kungaba nguye ophuza olakeni loMninimandla Onke.[b]
21 Ngoba unandabani nokwenzeka emndenini wakhe ngemva kwakhe,
Uma izinyanga zakhe sezincishisiwe?*[c]
22 Uma kunguNkulunkulu owahlulela abaphakeme,[d]
Ubani ongafundisa uNkulunkulu?[e]
23 Umuntu oyedwa ufa enobungqabavu[f]
Lapho engasenazo ngokuphelele izinkathazo futhi ekhululekile,[g]
24 Lapho amathanga akhe egcwele amanoni
Futhi enamathambo aqinile.*
25 Kodwa omunye umuntu ufa ecindezeleke kakhulu,
Engakaze azinambithe izinto ezinhle.
26 Bobabili bayolala othulini,[h]
Izimpethu ziyobamboza bobabili.[i]
27 Ngizazi kahle izinto enizicabangayo
Namacebo enihlela ukungiphambukisa ngawo.*[j]
28 Ngoba nithi, 'Iphi indlu yoyisicukuthwane,
Liphi itende okwakuhlala kulo omubi?'[k]

**ISAHL. 21**
*a* Hu 11:6; Isay 26:11
*b* Hu 75:8; Isay 51:17; Jer 25:15; IsA 14:10
*c* Hu 55:23
*d* Isay 40:23
*e* Isay 40:13, 14; Rom 11:34; 1Ko 2:16
*f* Hu 49:17; Luk 12:19, 20
*g* Hu 73:12, 19; Mat 24:38, 39
*h* Job 3:19; Shu 9:2
*i* Job 24:20
*j* Hu 59:3
*k* Job 20:5, 7

**Uhla 2**
*a* Job 3:17
*b* Rom 5:12
*c* Job 16:2, 3

**ISAHL. 22**
*d* Job 2:11; Job 4:1
*e* Job 15:14, 15
*f* Job 2:3; Job 32:3

29 Anizibuzanga yini izihambi?
Anizihlolisisi yini izinto* ezizibonile,
30 Ukuthi umuntu omubi uyavikelwa ngosuku lwenhlekelele,
Asindiswe ngosuku lwentukuthelo?
31 Ubani oyombuza ngezindlela zakhe,
Ubani oyombuyisela ngalokho akwenzile?
32 Lapho eyiswa emathuneni,
Ithuna lakhe liyoqashwa.
33 Amagabade omhlabathi wesigodi* ayoba mtoti kuye,[a]
Futhi sonke isintu siyamlandela#[b]
Njengabaningi abangaphambi kwakhe.
34 Pho kungani ningiduduza ngeze?[c]
Izimpendulo zenu zigcwele inkohliso!"

**22** U-Elifazi[d] umThemani waphendula wathi:
2 "Ingabe umuntu angaba usizo kuNkulunkulu?
Ingabe umuntu ohlakaniphile angamzuzisa uNkulunkulu?[e]
3 Ingabe uMninimandla Onke unendaba* nokuthi ulungile,
Noma kukhona yini akuzuzayo ngokuthi uhamba endleleni yobuqotho?[f]
4 Ingabe uyokujezisa,
Akuyise enkantolo ngenxa yokuthi uyamhlonipha?
5 Akukhona yini ukuthi ububi bakho bedlulele

**21:19** *Noma, "angambuyisela." **21:21** *Noma, "sezihlukaniswe phakathi." **21:24** *NgesiHebheru, "umnkantsha wamathambo akhe umanzi." **21:27** *Noma kungaba, "ukungiphatha ngobudlova ngawo."

**21:29** *NgesiHebheru, "izimpawu." **21:33** *Noma, "womhosha." #NgesiHebheru, "Futhi uyohudula sonke isintu ngemva kwakhe." **22:3** *Noma, "kuyamjabulisa."

Futhi iziphambeko zakho
aziphelí?[a]
6 Ngoba uthatha isibambiso
kubafowenu ngaphandle
kwesizathu,
Uhlubula abantu izingubo
zabo ubashiye benqunu.[b]
7 Awumphuzisi okhathele
amanzi,
Uncisha olambile ukudla.[c]
8 Izwe elomuntu onamandla,[d]
Futhi kulo kuhlala
othandwayo.
9 Kodwa abafelokazi ubaha-
mbise belambatha,
Wachoboza nezingalo
zezintandane.*
10 Yingakho uzungezwe
izicupho,*[e]
Nezinto ezithusayo ezinga-
lindelekile zikwethusa;
11 Yingakho kumnyama ka-
ngangokuba awukwazi
nokubona,
Futhi umbozwa isikhu-
khula.
12 UNkulunkulu akekho yini
phezulu ezulwini?
Buka ukuthi zonke izinka-
nyezi ziphakeme kangaka-
nani.
13 Kodwa wena uthe: 'Wazini
ngempela uNkulunkulu?
Angahlulela yini phakathi
kwamafu amnyama?
14 Amafu ayamsitha ukuze
angaboni
Njengoba ehambahamba
ezulwini.'*
15 Uyoyilandela yini indlela
yakudala
Abantu ababi abahambe
ngayo,
16 Abantu abahlwithwe*
ngaphambi kwesikhathi,
Abasisekelo sabo sakhu-
khulwa isikhukhula?#[a]
17 Babethi kuNkulunkulu we-
qiniso: 'Hlukana nathi!
UMninimandla Onke
angasenzani?'
18 Ekubeni kunguYena ogcwa-
lise izindlu zabo ngezinto
ezinhle.
(Anginakulokotha ngicaba-
nge into embi ngaleyo
ndlela.)
19 Olungile uyokubona lokhu
ajabule,
Nomsulwa uyobahleka
usulu athi:
20 'Abamelene nathi babhu-
qiwe,
Umlilo uyoqothula abasele
kubo.'
21 Mazi uNkulunkulu, futhi
uyoba nokuthula;
Ngaleyo ndlela izinto
ezinhle ziyoza kuwe.
22 Yamukela umthetho ovela
emlonyeni wakhe,
Ugcine amazwi akhe
enhliziyweni yakho.[b]
23 Uma ubuyela kuMninima-
ndla Onke, uzovuselelwa;[c]
Uma ususa ukungalungi
etendeni lakho,
24 Uma uphonsa igolide lakho
othulini
Negolide lase-Ofiri[d] emiho-
sheni enamadwala,
25 UMninimandla Onke uyoba
igolide lakho,
Abe isiliva lakho lekhe-
thelo.
26 Khona-ke injabulo yakho
iyoba kuMninimandla
Onke,
Uphakamisele ubuso bakho
kuNkulunkulu.

ISAHL. 22
a Job 1:8
Job 4:7
b Job 31:19, 22
c Job 31:17, 22
d Job 31:25, 28
e Job 18:5, 9

Uhla 2
a Job 4:18, 19
b Job 11:13
c Job 8:5, 6
d 1Kh 9:28
Job 28:16
Hu 45:9
Isay 13:12

**22:9** *Noma, "zezingane ezingenababa." **22:10** *NgesiHebheru, "izicupho zezinyoni." **22:14** *NgesiHebheru, "esiyingini sezulu."

**22:16** *Noma, "abancishiselwe iminyaka yokuphila kwabo." #NgesiHebheru, "umfula."

27 Uyomncenga, akuzwe;
Ugcwalise izifungo zakho.
28 Noma yini onquma ukuyenza iyophumelela,
Kuyoba nokukhanya endleleni yakho.
29 Ngoba uyohlazeka lapho ukhuluma ngokuzikhukhumeza,
Kodwa uNkulunkulu uyosindisa othobekile.
30 Uyosindisa abamsulwa;
Ngakho uma izandla zakho zihlanzekile, nakanjani uyosindiswa."

23 UJobe waphendula wathi:
2 "Ngisho nanamuhla ngisazoqhubeka ngikhononda;[a]
Amandla ami aphelile ngenxa yokububula kwami.
3 Ukube nje bengazi ukuthi ngingamtholaphi uNkulunkulu![b]
Bengizoya endaweni ahlala kuyo.[c]
4 Bengiyokwethula udaba lwami phambi kwakhe,
Ngiveze wonke amaphuzu angivunayo;
5 Bengiyoyilalela impendulo yakhe,
Ngikunake akushoyo kimi.
6 Ingabe ubeyosebenzisa amandla akhe amakhulu ukuze alwisane nami?
Lutho! Nakanjani ubeyongilalela.[d]
7 Lapho, phambi kwakhe, udaba loqotho luyoxazululwa,
Futhi uMahluleli wami uyongithola ngingenacala.
8 Kodwa uma ngiya empumalanga, akekho lapho;
Noma ngibuyela emuva, angimtholi.
9 Lapho esebenza kwesobunxele, angikwazi ukumbona;

ISAHL. 23
a Job 10:1
b Job 13:3 Job 16:21
c Job 31:37
d Hu 22:24 Isay 57:16

Uhla 2
a Job 1:8 Hu 1:6 Hu 139:1
b Job 31:6 Hu 17:3
c Hu 18:21 Hu 44:18
d Hu 119:11, 127 Jer 15:16
e Rom 9:19
f Num 23:19 Hu 135:6 Isay 14:24 Isay 46:10

ISAHL. 24
g Hab 1:2
h Dut 19:14 Dut 27:17 IzA 23:10 Hos 5:10

Ube esephendukela kwesokudla, kodwa nalapho angimboni.
10 Kodwa uyayazi indlela engiyithathile.[a]
Ngemva kokuba esengivivinyile, ngiyophuma nginjengegolide elingaxutshiwe.[b]
11 Izinyawo zami zizilandele eduze izinyathelo zakhe;
Ngihambe endleleni yakhe ngangaphambuka.[c]
12 Angizange ngisuke emyalweni wezindebe zakhe.[d]
Ngenze okungaphezu kwalokho abekudinga kimi.*
13 Uma ezimisele ukwenza into, ubani ongamelana naye?[e]
Uma efuna ukwenza okuthile, uyakwenza.[f]
14 Ngoba uyokufeza ngokuphelele enginqunyelwe kona,*
Futhi unezinto eziningi ezifana nalezi engqondweni yakhe.
15 Yingakho ngikhathazekile ngenxa yakhe;
Lapho ngicabanga ngaye, ngizwa ngishaywa uvalo.
16 UNkulunkulu ungenze ngaba netwetwe,
UMninimandla Onke ungenze ngesaba.
17 Kodwa angikathuliswa ubumnyama
Noma amafu amnyama amboze ubuso bami.

24 "Kungani uMninimandla Onke engalubeki usuku lwakhe lokwahlulela?[g]
Kungani labo abamaziyo bengaluboni lolo suku?
2 Abantu bagudluza izimpawu zemingcele;[h]

23:12 *Noma, "ebengikuyaleziwe."
23:14 *Noma, "engikuyaleziwe."

Bantshontsha imihlambi
bayiyise emadlelweni
abo.
3 Baxosha imbongolo yezi-
ntandane
Bathathe inkunzi yomfelo-
kazi ibe isibambiso.[a]
4 Ababavumeli abampofu
ngisho nokuba bahambe
emgwaqweni;
Abahluphekile kumele
babacashele.[b]
5 Abampofu bakufunisa
okwezimbongolo
zasendle ukudla;[c]
Bafunela izingane zabo
ukudla ogwadule.
6 Kumele bavune ensimini
yomunye umuntu*
Bakhothoze ensimini
yamagilebhisi yomubi.
7 Ebusuku bahamba nqunu
bengagqokile;[d]
Abanazo izingubo
zamakhaza.
8 Bamatiswa imvula
yasezintabeni;
Bazisitha emadwaleni
ngenxa yokuthi abanayo
indawo yokukhosela.
9 Ingane engenababa bayi-
hlwitha ebeleni likanina;[e]
Izingubo zabahluphekayo
ziyathathwa zibe
isibambiso,[f]
10 Bephoqwa ukuba bahambe
nqunu bengagqokile,
Futhi belambile, bebe be-
thwele izikhwebu zokudla
okusanhlamvu.
11 Bafukuza emagqumeni
anezindonga zamatshe
kushisa ilanga;*
Bagxoba amagilebhisi
ezikhamweni zewayini,
kodwa bahlala bomile.[g]
12 Abafayo balokhu bebubula
edolobheni;
Abalimele kakhulu bakha-
lela usizo,[a]
Kodwa uNkulunkulu akaku-
bheki njengento engafa-
nele lokho.*
13 Kukhona labo abamelene
nokukhanya;[b]
Abaziqapheli izindlela
zako,
Futhi abazilandeli izindlela
zako.
14 Umbulali uyavuka eku-
ntweleni kokusa;
Abulale ongakwazi ukuzivi-
kela nohluphekile,[c]
Kuyilapho ebusuku entsho-
ntsha izinto zabantu.
15 Iso lesiphingi lilinda
ukuhwalala,[d]
Sithi, 'Akekho
ozongibona!'[e]
Futhi sizifihla ubuso.
16 Ebumnyameni bagqekeza*
izindlu zabantu;
Emini bazivalela endlini.
Abakwazi ukukhanya.[f]
17 Ngoba ukusa kuyafana
nobumnyama obukhulu
kubo;
Bajwayelene nezinto ezesa-
bisayo zobumnyama obu-
khulu.
18 Kodwa amanzi abakhukhu-
la ngokushesha.*
Indawo yabo iyoqalekiswa.[g]
Ngeke babuyele emasimini
abo amagilebhisi.
19 Njengoba nje isomiso noku-
shisa kuhwamula amanzi
eqhwa elincibilikile,
IThuna* nalo lithatha labo
abonile![h]

**ISAHL. 24**
*a* Dut 24:17
*b* Hu 109:16; IzA 22:16; Isay 10:1, 2; Jak 5:4
*c* Isay 32:14; Jer 14:6
*d* Eks 22:26, 27; Dut 24:13
*e* 2Kh 4:1
*f* Eks 22:26, 27; Dut 24:13
*g* Jer 22:13; Jak 5:4

**Uhla 2**
*a* Shu 4:1
*b* Joh 3:19
*c* Hu 10:4, 8
*d* IzA 7:8-10
*e* 2Sa 12:9, 12; Hu 94:3, 7; IzA 30:20
*f* Joh 3:20
*g* Dut 28:15, 16; IzA 3:33
*h* Hu 49:13, 14; Hu 55:15; Luk 12:20

**24:6** *Noma kungaba, "bavune ifolishi ensimini." **24:11** *Noma kungaba, "Bagxoba iminqumo emagqumeni anezindonga zamatshe."

**24:12** *Noma kungaba, "uNkulunkulu akabeki muntu icala lokubi." **24:16** *NgesiHebheru, "bamba." **24:18** *NgesiHebheru, "Unejubane emanzini." **24:19** *Noma, "IShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

20 Unina uyomkhohlwa;
impethu iyomudla.
Ngeke aphinde
akhunjulwe.[a]
Ukungalungi kuyonqunywa
njengesihlahla.
21 Uxhaphaza owesifazane
oyinyumba,
Aphathe kabi umfelokazi.
22 UNkulunkulu uyosebenzisa
amandla akhe ukuze aqe-
de abanamandla;
Nakuba bengase bavuke,
abaqiniseki ngokuthi
bazophila yini.
23 UNkulunkulu ubenza baze-
thembe futhi balondeke,[b]
Kodwa amehlo akhe abona
konke abakwenzayo.*[c]
24 Baphakanyisiwe okwe-
sikhashana, ngemva
kwalokho abasekho.[d]
Behlisiwe,[e] baqoqwa nda-
wonye njengawo wonke
umuntu;
Banquntulwa njengesihlo-
ko sesikhwebu sokudla
okusanhlamvu.
25 Manje ubani ongathi ngiqa-
mba amanga
Noma angiphikise?"

**25** UBhilidadi[f] umShuhi wa-
phendula wathi:
2 "Ububusi namandla asabe-
kayo kungokwakhe;
Wenza kube nokuthula
ezulwini.*
3 Angabalwa yini amabutho
akhe?
Ubani ongakutholi ukukha-
nya kwakhe?
4 Ngakho umuntu
ofayo angaba kanjani olu-
ngile phambi kukaNkulu-
nkulu,[g]
Noma kungenzeka kanjani
ukuba ozalwa owesifaza-
ne abe msulwa?*[a]
5 Uma ngisho nenyanga inga-
khanyi kakhulu kuye
Nezinkanyezi zingakhanyi
ngokucacile emehlweni
akhe,
6 Kangakanani-ke umuntu
ofayo, oyimpethu,
Nendodana yomuntu, eyisi-
bungu!"

**26** UJobe waphendula wathi:
2 "Yeka indlela enimsize
ngayo ongenamandla!
Yeka indlela enisindise nga-
yo ingalo engenamandla![b]
3 Yeka iseluleko esihle enelu-
leke ngaso ontula ukuhla-
kanipha![c]
Indlela enikuveze ngayo
ngokukhululekile* uku-
hlakanipha# kwenu!
4 Ubani lo enizama ukukhu-
luma naye,
Futhi ubani onenze nasho
lezo zinto?
5 Labo abangenamandla eku-
feni bayathuthumela;
Bangaphansi ngisho ko-
lwandle nezinto ezihlala
kulo.
6 Akukho lutho eThuneni*
olufihlakele kuNkulu-
nkulu,[d]
Ubona yonke into endawe-
ni yokubhubha.#
7 Welulela isibhakabhaka*
endaweni engenalutho,[e]
Alengise umhlaba phezu
kweze;
8 Asonge amanzi emafwini
akhe,[f]

ISAHL. 24
a IzA 10:7 Shu 8:10 Shu 9:5
b Shu 8:11 Isay 56:12 Luk 12:19
c Hu 11:4 IzA 5:21 IzA 15:3
d Hu 37:10 Hu 92:7 Jak 1:11
e Shu 8:12, 13

ISAHL. 25
f Job 2:11 Job 8:1
g Job 4:17, 18 Job 22:3

Uhla 2
a Job 15:14, 15

ISAHL. 26
b Job 16:2, 3
c Job 12:2 Job 17:10
d Hu 139:8 Heb 4:13
e Job 9:8 Hu 104:2 Isay 42:5
f IzA 30:4 Shu 11:3

**24:23** *NgesiHebheru, "izindlela zabo." **25:2** *NgesiHebheru, "ezindaweni zakhe eziphakeme."

**25:4** *Noma, "angabi nacala." **26:3** *Noma, "ngobuningi." #Noma, "ukuqonda." **26:6** *Noma, "eShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. #Noma, "e-Abhadoni." **26:7** *NgesiHebheru, "inyakatho."

Ukuze amafu angaqhumi
ngenxa yokusindwa
amanzi;
9 Usitha isihlalo sakhe
sobukhosi,
Elulele ifu lakhe phezu
kwaso.[a]
10 Ubeka uphawu oluhlukani-
sa isibhakabhaka nama-
nzi;[b]
Wenza umngcele ohluka-
nisa ukukhanya nobum-
nyama.
11 Izinsika zezulu ziyandindi-
zela;
Ziyathuthumela lapho
ephakamisa izwi lakhe.
12 Unyakazisa ulwandle
ngamandla akhe,[c]
Nangokuqonda kwakhe
uphihliza isilwane esesa-
bekayo sasolwandle* sibe
izicucu.[d]
13 Ngomoya wakhe wenza isi-
bhakabhaka sicwathe;
Isandla sakhe sihlaba inyo-
ka eshesha njengonyazi.*
14 Bheka! Lokhu kumane
kuyingxenye encane nje
yemisebenzi yakhe;[e]
Yeka ukuthi kuncane
kangakanani esikuzwayo
ngaye ngezindlebe zethu!
Ngakho ubani ongaqonda
indlela enza ngayo izulu
lidume ngamandla?"[f]

27 UJobe waqhubeka nenku-
lumo* yakhe wathi:
2 "Ngimfunge uNkulunkulu,
ongigodlele ubulungisa,[g]
Ngimfunge uMninimandla
Onke, ongenze ngaba
lusizi,[h]
3 Uma nje umoya engiwuphe-
fumulayo usengaphakathi
kimi,
Nomoya kaNkulunkulu use-
makhaleni ami,[a]
4 Izindebe zami ngeke ziku-
khulume okungalungile;
Nolimi lwami ngeke lungu-
ndaze inkohliso!
5 Anginakulokotha ngithi
nilungile nina madoda!
Ngiyoze ngife ngingazange
ngibulahle* ubuqotho
bami![b]
6 Ngizokulondoloza ukulunga
kwami, angisoze ngaku-
dedela;[c]
Inhliziyo yami ngeke ingila-
hle* uma nje ngisaphila.#
7 Kwangathi isitha sami
singafana nomubi,
Labo abangihlaselayo
bafane nongalungile.
8 Ngoba unathemba lini umu-
ntu ongamesabi uNkulu-
nkulu* lapho ebhujiswa,[d]
Lapho uNkulunkulu etha-
tha ukuphila kwakhe?
9 Ingabe uNkulunkulu uyoku-
zwa ukukhala kwakhe
Lapho efikelwa izinka-
thazo?[e]
10 Noma ingabe uyojabula
ngenxa yoMninimandla
Onke?
Uyombiza yini uNkulunku-
lu ngazo zonke izikhathi?
11 Ngizonifundisa ngamandla*
kaNkulunkulu;
Ngeke ngifihle lutho ngo-
Mninimandla Onke.
12 Bhekani! Uma nonke
niyibonile imibono,
Kungani enikukhulumayo
kuyize leze?
13 Lesi isabelo somuntu omu-
bi esivela kuNkulunkulu,[f]

ISAHL. 26
a Hu 97:2
b IzA 8:27 Jer 5:22
c Hu 74:13 Isay 51:15
d Job 9:13
e Hu 92:5 Shu 3:11 Isay 55:9
f Job 37:5

ISAHL. 27
g Job 34:5
h Rut 1:20 2Kh 4:27

Uhla 2
a Gen 2:7 Isay 42:5 IzE 17:25
b Job 22:1, 5 IzA 27:11
c Job 2:3
d Job 13:15, 16 Job 36:13
e Job 35:12 Hu 18:37, 41 IzA 28:9 Jer 11:11 Jak 4:3
f Hu 11:6 Shu 8:13 Mal 3:5

**26:12** *NgesiHebheru, "uRahabi." **26:13** *Noma, "eshibilikayo." **27:1** *NgesiHebheru, "nesaga."

**27:5** *Noma, "ngibugcinile." **27:6** *Noma, "ingiklolodele." #Noma, "kuzo zonke izinsuku zami." **27:8** *Noma, "oyisihlubuki." **27:11** *Noma kungaba, "ngesandla."

Ifa omashiqela abalamukela kuMninimandla Onke.
14 Uma amadodana akhe anda, azodliwa inkemba,[a]
Nenzalo yakhe ngeke ibe nokudla okwanele.
15 Inzalo yakhe esele iyobulawa isifo esibi,
Nabafazi bayo ngeke bayililele.
16 Ngisho noma enqwabelanisa isiliva njengokungathi isiliva liwuthuli
Futhi eqongelela izingubo ezisezingeni eliphezulu njengokungathi uqongelela ubumba,
17 Nakuba engakuqongelela
Olungile uyozigqoka,[b]
Nomsulwa uyohlukanisa isiliva lakhe.
18 Indlu ayakhayo intekenteke njengendlu yesinambuzane,*
Njengompheme[c] owenziwe umlindi.
19 Uyolala ecebile, kodwa akukho lutho ayoluvuna;
Lapho evula amehlo akhe, kuyobe kungenalutho.
20 Izinto ezesabisayo ziyamfica njengesikhukhula;
Isivunguvungu siyamhlwitha ebusuku.[d]
21 Umoya wasempumalanga uyomthwala uhambe naye aphephuke;
Uyamsusa endaweni yakhe.[e]
22 Uyozijikijela kuye ungabi nazwela[f]
Njengoba ezama ngawo wonke amandla ukuwubalekela.[g]
23 Umshayela izandla
Umshayele ikhwela[h] usendaweni yawo.*

27:18 *Noma, "yenundu." 27:23 *Noma kungaba, "Bamshayela izandla, bashaye nekhwelo besendaweni yabo."

ISAHL. 27
a Est 9:7-10 Hos 9:13
b IzA 13:22 IzA 28:8 Shu 2:26
c Isay 1:8 IsiL 2:6
d Hu 73:3, 19
e Mat 7:26, 27
f Hu 83:15
g Isay 10:3 Amo 2:14
h IsiL 2:15

Uhla 2

ISAHL. 28
a IzA 17:3 Mal 3:3
b Dut 8:7, 9
c 2Kh 20:20 2Kr 32:30

28 "Kukhona indawo yokumba isiliva
Nendawo yegolide abalicwengayo;[a]
2 Insimbi ithathwa emhlabathini,
Nethusi lincibilikiswa* emadwaleni.[b]
3 Umuntu ukhanyisa endaweni emnyama;
Uya endaweni emnyama bhuqe,
Eyofuna amatshe ayigugu.
4 Umba umgodi kude nalapho kuhlala khona abantu,
Ezindaweni ezilibalekile, kude nalapho kuhamba khona abantu;
Abanye bayehla balenge ngezintambo ezibabambile.
5 Ukudla kumila phezu komhlaba;
Kodwa ngaphansi kwawo izinto zonakele njengokungathi zoniwe umlilo.*
6 Laphaya ematsheni kunesafire,
Uthuli lona lunegolide.
7 Akukho nyoni edla inyama eyazi indlela eya khona;
Neso likanhloyile aliyibonanga.
8 Azikho izilo ezinkulu ezihambe kuyo;
Iwundlu lebhubesi alizange lihambe kuyo.
9 Umuntu ushaya idwala eliqinile* ngesandla sakhe;
Agumbuqele izintaba ezisusa ezisekelweni zazo.
10 Uvula imisele yamanzi[c] emadwaleni;
Amehlo akhe abona zonke izinto eziyigugu.

28:2 *NgesiHebheru, "lithululwa livela." 28:5 *Ngokusobala kubhekiselwa emisebenzini yasezimayini. 28:9 *Noma, "insengetsha."

11 Uvimba izizalo zemifula,
Obekufihlekile akulethe
ekukhanyeni.
12 Kodwa ukuhlakanipha
—kungatholakalaphi,[a]
Ukuphi umthombo
wokuqonda?[b]
13 Akekho umuntu oqaphela
ukubaluleka kwako,[c]
Akunakutholakala ezweni
labaphilayo.
14 Amanzi ajulile athi,
'Akukho kimi!'
Ulwandle nalo luthi,
'Akukho kimi!'[d]
15 Ngeke kuthengwe ngegoli-
de elingaxutshiwe;
Futhi isiliva ngeke
likalwe bese lishintshani-
swa nako.[e]
16 Ngeke kuthengwe ngegoli-
de lase-Ofiri[f]
Noma nge-onikisi eliyivela-
kancane nangesafire.
17 Igolide nengilazi ngeke
kuqhathaniswe nako;
Noma kwenanwe ngesitsha
segolide elimsulwa.*[g]
18 Ikhorali nekristalu ngeke
kukhulunywe nakukhulu-
nywa ngako,[h]
Ngoba isikhwama esigcwele
ukuhlakanipha sibiza
ukwedlula esigcwele ama-
pharele.
19 Itopazi[i] laseKushe ngeke
liqhathaniswe nako;
Ngeke kuthengwe ngisho
nangegolide elingaxu-
tshiwe.
20 Kodwa ukuhlakanipha
kuvelaphi,
Ukuphi umthombo
wokuqonda?[j]
21 Kufihliwe emehlweni azo
zonke izinto eziphilayo,[k]
Kwafihlelwa nezinyoni
zamazulu.
22 Ukubhubha nokufa kuthi,
'Izindlebe zethu zizwe
umbiko kuphela ngako.'
23 UNkulunkulu uyayiqonda
indlela yokukuthola;
Uyena kuphela owazi lapho
kuhlala khona,[a]
24 Ngoba ubheka emaphethe-
lweni omhlaba,
Abone yonke into engapha-
nsi kwamazulu.[b]
25 Lapho enika umoya ama-
ndla,*[c]
Ekala namanzi,[d]
26 Lapho enquma ukuthi
imvula ina nini[e]
Nokuthi amafu esiphepho
esinokuduma azohamba
kuphi,[f]
27 Wabona ukuhlakanipha
wakuchaza;
Wakwenza kwaba khona
wayesekuhlola.
28 Wabe esethi kumuntu:
'Bheka! Ukwesaba uJehova
kuwukuhlakanipha,[g]
Nokubalekela okubi kuwu-
kuqonda.'"[h]

**29** UJobe waqhubeka ne-
nkulumo* yakhe, wathi:
2 "Ukube nje bengingabuyela
ezikhathini zakudala,
Ezinsukwini uNkulunkulu
ayengiqapha ngazo;
3 Lapho ayekhanyisa khona
isibani sakhe phezu kwe-
khanda lami,
Lapho ngangihamba ngida-
bule ebumnyameni ngo-
kukhanya kwakhe,[i]
4 Ezinsukwini zami zobu-
ngqabavu,
Lapho ngangibuzwa khona
ubungani bami noNkulu-
nkulu emzini wami,[j]
5 Ngesikhathi uMninimandla
Onke esenami,

28:17 *Noma, "elicwengiwe."

28:25 *NgesiHebheru, "isisindo." 29:1 *NgesiHebheru, "nesaga."

ISAHL. 28
a IzA 2:6; Jak 1:5
b Job 28:28
c IzA 3:15
d Rom 11:34
e IzA 3:13, 14
f Isay 13:12
g IzA 16:16
h IzA 8:11; IzA 20:15
i Eks 28:15, 17
j Job 28:12
k Shu 8:17; 1Ko 2:8, 11

Uhla 2
a Jak 1:5
b IzA 15:3; Zak 4:10; 1Pe 3:12
c Hu 148:8; Shu 1:6
d Job 5:10; Job 26:8; Job 37:10; Hu 135:7; IzA 30:4; Isay 40:12
e Zak 10:1
f Job 38:25
g Dut 4:6; Hu 111:10; IzA 9:10; Shu 12:13; Rom 1:20
h IzA 3:7

ISAHL. 29
i Hu 18:28; Hu 119:105
j Hu 25:14; IzA 3:32

Lapho izingane* zami zo-
nke zingizungezile,
6 Lapho ngangihamba khona
ebhoteleni eliningi,
Namadwala engithululela
imifudlana yamafutha.[a]
7 Lapho ngangivame ukuphu-
ma ngiye esangweni ledo-
lobha,[b]
Ngifike ngihlale
esigcawini,[c]
8 Izinsizwa zazingibona
ziqhele,*
Ngisho namakhehla
ayesukuma ame.[d]
9 Izikhulu zazizibamba
zingakhulumi;
Zazibeka izandla zazo
emilonyeni.
10 Izwi labaholi lalingazwa-
kali;
Ulimi lwabo lwalunamathe-
le olwangeni lwabo.
11 Noma ubani owayengizwa
wayekhuluma kahle
ngami,
Nalabo ababengibona babe-
fakaza kahle ngami.
12 Ngoba ngangimsiza ohlu-
phekile ocela usizo,[e]
Kanye nentandane nanoma
ubani owayengenamsizi.[f]
13 Lowo owayesengcupheni
yokufa wayengibusisa,[g]
Nenhliziyo yomfelokazi
ngangiyithokozisa.[h]
14 Ukulunga ngangikugqoka
njengengubo;
Ngangibonisa ubulungisa
kuzo zonke izinqumo
zami.
15 Ngangingamehlo koyimpu-
mputhe,
Ngiyizinyawo kolunyonga.
16 Ngangiwubaba kohluphe-
kile;[i]
Ngangiphenya icala lomu-
ntu engingamazi.[a]
17 Ngangiyiphula imihlathi yo-
menzi wokubi,[b]
Ngihlwithe isisulu emazi-
nyweni akhe.
18 Ngangivame ukuthi, ‘Ngiyo-
fela emzini* wami,[c]
Izinsuku zami ziyoba zini-
ngi ngangesihlabathi.
19 Ngiyofana nesihlahla esi-
nezimpande ezifinyelela
emanzini,
Amazolo ayohlala ubusuku
bonke emagatsheni aso.
20 Idumela lami livuselelwa
njalo,
Umnsalo osesandleni sami
uzoqhubeka ucibishela.’
21 Abantu babengilalela be-
magange,
Bethule belindele iseluleko
sami.[d]
22 Uma sengikhulumile, ba-
bengabi nalutho abazolu-
sho;
Amazwi ami ayezwakala*
kamnandi ezindlebeni
zabo.
23 Babengilinda njengokunga-
thi balinde imvula;
Babewuvula kakhulu umlo-
mo wabo njengokungathi
bawuvulela imvula yase-
ntwasahlobo.[e]
24 Lapho ngimomotheka nabo
babengakholwa;
Ukuchachamba kobuso
bami kwakubaduduza.*
25 Ngangibanika isiqondiso
njengenhloko yabo,
Ngangihlala njengenkosi
ephakathi kwamabutho
ayo,[f]
Njengoduduza abalilayo.[g]

---

**29:5** *Noma, “izikhonzi.” **29:8** *NgesiHebheru, “zizifihle.”
**29:18** *NgesiHebheru, “esidlekeni.”
**29:22** *NgesiHebheru, “ayeconsa.”
**29:24** *Noma kungaba, “Babengakufiphazi ukukhanya kobuso bami.”

ISAHL. 29
a Dut 32:13 Dut 33:24
b Rut 4:1 IzA 31:23
c Neh 8:1
d Lev 19:32
e IzA 21:13 IzA 24:11
f Jak 1:27
g Dut 24:12, 13
h Dut 10:17, 18
i Luk 14:13 Jak 1:27

Uhla 2
a IzA 29:7
b Hu 58:6 IzA 30:14
c Gen 25:8 2Kh 22:20
d Job 29:9
e Hu 72:6 IzA 16:15
f Job 1:3
g Shu 7:2

30 "Manje bayangihleka[a]
—Abancane ngeminyaka kunami,
Oyise engangiyokwenqaba
Ukubabeka nezinja ezaziqapha umhlambi wami.
2 Amandla ezandla zabo ayengisiza ngani?
Ubungqabavu babo buphelile.
3 Bazacile ngenxa yokuswela nendlala;
Baququda umhlabathi owomile
Owawusuwonakele futhi ushiywe dengwane.
4 Bakha amacembe anosawoti ezihlahleni
Nezimpande ezibabayo ezihlahleni ukuze badle.
5 Bayaxoshwa emphakathini;[b]
Abantu babamemeza njengokungathi bamemeza isela.
6 Bahlala emiqanseni yezigodi,*
Emigodini nasemadwaleni.
7 Bakhala phakathi kwezihlahla,
Baqoqane ndawonye phakathi kwezimbababazane.
8 Njengoba bengamadodana abantu abangenangqondo nabangelutho,
Baxoshiwe ezweni.
9 Kodwa manje bahlekisa ngami ngisho nasezingomeni zabo;[c]
Sengiphenduke inhlekisa* kubo.[d]
10 Bayanginyanya futhi bayangibalekela;[e]
Abanamahloni okungikhafulela ebusweni.[f]
11 Ngenxa yokuthi uNkulunkulu ungiphuce izikhali* zami wangithobisa,
Sebeyazenzela nje kimi.
12 Bavumbuka ngakwesokudla sami beyiqulu,
Bangijahe,
Babeke izikhubekiso endleleni yami ukuze ngehlelwe inhlekelele.
13 Badale umonakalo ezindleleni zami
Bandisa usizi lwami,[a]
Kungenamuntu ozobanqanda.*
14 Bangena njengokungathi bangena ngembobo enkulu odongeni;
Batheleka phezu kwesimo esibucayi.
15 Ngikhungethwe ukwesaba;
Isithunzi sami sipheshulwe njengomoya,
Ithemba lokukhululwa kwami linyamalala njengefu.
16 Manje ukuphila kwami kuyawohloka;[b]
Ngiququdwa usizi[c] usuku nosuku.
17 Amathambo ami ayankenketha* ebusuku,[d]
Nezinhlungu ezingiququdayo azipheli.[e]
18 Ngenxa yamandla amakhulu ingubo yami isontekile;*
Njengesiphika sengubo yami, iyangiklinya.
19 UNkulunkulu ungiphonse phansi odakeni;
Sengifana nothuli nomlotha.
20 Ngikhala kuwe ngicela usizo, kodwa awungiphenduli;[f]

30:6 * Noma, "yemihosha." 30:9 * NgesiHebheru, "isaga."

30:11 * NgesiHebheru, "umcibisholo." 30:13 * Noma kungaba, "Kungenamuntu obasizayo." 30:17 * NgesiHebheru, "abhotshoziwe." 30:18 * Noma kungaba, "Usizi lwami oluxakile luyangivithiza."

ISAHL. 30
a Job 12:4
b Gen 4:12; Hu 109:10; Dan 4:25
c Hu 69:12; IsiL 3:14
d Job 17:6
e Job 19:13
f Num 12:14; Dut 25:9; Isay 50:6; Mat 27:30

Uhla 2
a Job 16:2; Hu 69:26
b Hu 22:14
c Job 10:15
d Hu 6:2
e Job 2:8, 13; Job 7:4
f Job 19:7; Hu 22:2

Ngiyasukuma, kodwa uvele
ungibuke nje.
21 Usungijikele kabuhlungu;[a]
Ngesandla sakho esinamandla amakhulu uyangihlasela.
22 Uyangithatha ungiphakamisele emoyeni,
Bese ungijikijela ngapha nangapha esiphephweni.*
23 Ngoba ngiyazi ukuthi uyongiyisa ekufeni,
Endlini okuyohlangana kuyo wonke umuntu ophilayo.
24 Kodwa akekho ongashaya umuntu owohlokile*[b]
Njengoba ekhalela usizo ngesikhathi senhlekelele.
25 Angibakhalelanga yini labo abawe ngezikhathi ezinzima?*
Angibalilelanga yini abampofu.[c]
26 Nakuba ngangilindele okuhle, kwafika okubi;
Ngangilindele ukukhanya, kodwa kwafika ubumnyama.
27 Isisu sami asiyekanga ukuphenduka;*
Ngaficwa izinsuku zokuhlupheka.
28 Ngihambahamba ebumnyameni;[d] akukho ukukhanya kwelanga.
Ngiyasukuma ebandleni ngicele usizo.
29 Sengiphenduke umfowabo wezimpungushe
Nomngani wamadodakazi entshe.[e]
30 Isikhumba sami sesimnyama futhi sixebukile;[f]
Amathambo ami ayasha.*
31 Ihabhu lami elabalilayo kuphela,
Negemfe lami elabakhalayo kuphela.

31 "Ngenze isivumelwano namehlo ami.[a]
Ngakho ngingayinaka kanjani ngokungafanele intombi?[b]
2 Siyoba yini-ke isabelo sami esivela kuNkulunkulu ophezulu,
Liyoba yini ifa elivela kuMninimandla Onke ophezulu?
3 Inhlekelele ayilindele yini umenzi wokubi
Neshwa alilindele yini labo abenza okulimazayo?[c]
4 Akaziboni yini izindlela zami[d]
Abale zonke izinyathelo zami?
5 Ngake ngahamba yini endleleni engelona iqiniso?*
Unyawo lwami lwake lwagijimela yini ekukhohliseni?[e]
6 UNkulunkulu makangikale ngesikali esinembile;[f]
Khona-ke uyobubona ubuqotho bami.[g]
7 Uma izinyawo zami ziphambuka endleleni[h]
Noma inhliziyo yami ilandele amehlo ami[i]
Noma izandla zami zingcolisiwe,
8 Khona-ke mangihlwanyele imbewu kudle omunye,[j]
Futhi engikutshalayo makusishulwe.*
9 Uma inhliziyo yami ihungwe owesifazane[k]
Ngahoba[l] emnyango kamakhelwane,

30:22 *Noma kungaba, "Bese ungiphahlaza." 30:24 *NgesiHebheru, "inqwaba yezibi." 30:25 *Noma, "labo abanosuku olubi." 30:27 *Noma, "ukuxhuxhuzela." 30:30 *Noma kungaba, "Nginemfiva."

31:5 *Noma kungaba, "nabantu abangenalo iqiniso?" 31:8 *Noma, "inzalo yami mayisishulwe."

ISAHL. 30
a Job 7:20; Job 19:6
b Job 13:25
c IzA 14:21; IzA 14:31; IzA 19:17
d Hu 38:6; Hu 42:9; Hu 43:2
e Mik 1:8
f Job 7:5; IsiL 4:8

Uhla 2

ISAHL. 31
a IzA 6:25, 26; Mat 5:28
b Job 31:9, 10
c Job 20:26-29; Hu 73:3, 18; IzA 10:29
d Gen 16:13; 2Kr 16:9; Hu 139:3; IzA 5:21; Jer 32:19
e Hu 26:5; IzA 6:16, 18
f 1Sa 2:3
g Job 2:3; Job 27:5; Hu 7:8
h Dut 11:16; Jer 10:23
i Num 15:39; Shu 11:9; Hez 6:9; Mat 5:29; 1Jo 2:16
j Lev 26:16
k Job 31:1; Mat 5:28
l Job 24:15

10 Umkami makagayele enye indoda ukudla okusanhlamvu,
Futhi amanye amadoda mawalale naye.*[a]
11 Ngoba lokho bekuyoba ukuziphatha okuyihlazo,
Isiphambeko esifanelwe ukujeziswa abahluleli.[b]
12 Bekuyoba umlilo obuyoqothula kwasani,[c]
Udle* ngisho nezimpande zawo wonke umkhiqizo wami.
13 Uma ngingabanga nobulungisa ezincekwini zami
Lapho zinesikhalo ngami,
14 Yini engingayenza lapho uNkulunkulu engibuza?
Ngingamphendula ngithini lapho efuna kulandiswe?[d]
15 Owenza mina esibelethweni akabenzanga yini nabo?[e]
Akuyena yini owasenza singakazalwa?*[f]
16 Uma nganginqaba ukunika abampofu ababekufisa,[g]
Noma ngibangela amehlo omfelokazi ukuba abe lusizi;*[h]
17 Uma ngangikudla ngedwa ukudla kwami
Ngingaziphi izintandane;[i]
18 (Ngoba kusukela ebusheni bami intandane yakhulela kimi njengokungathi nginguyise,
Futhi kusukela ngiseyingane* ngangilokhu ngihola umfelokazi.)
19 Uma ngabona umuntu eshabalala ngenxa yokungabi nangubo
Noma ompofu engenasembatho;[a]
20 Uma engazange* angibusise[b]
Njengoba ayezifudumeza ngoboya bezimvu zami;
21 Uma ngasikaza intandane ngesibhakela[c]
Lapho idinga usizo lwami esangweni ledolobha;*[d]
22 Ingalo* yami mayihlukane nehlombe lami,
Ingalo yami mayinqamuke endololwaneni.
23 Ngoba ngangiyesaba inhlekelele evela kuNkulunkulu,
Futhi ngangingenakukwazi ukuba phambi kwenkazimulo yakhe.
24 Uma ngibeka ithemba lami egolideni
Noma ngathi egolideni elingaxutshiwe, 'Uyisiphephelo sami!'[e]
25 Uma ngathola injabulo engcebweni yami eningi[f]
Ngenxa yezinto eziningi engaziqongelela;[g]
26 Uma ngabona ilanga* likhanya
Noma inyanga inyakaza ebukhazikhazini bayo;[h]
27 Inhliziyo yami yahungeka ekusithekeni,
Nomlomo wami waqabula isandla sami njengesenzo sokukukhulekela;[i]
28 Bekuyoba isiphambeko esifanelwe ukujeziswa abahluleli,
Ngoba bengiyobe ngimphikile uNkulunkulu weqiniso ophezulu.

ISAHL. 31
a 2Sa 12:9, 11 Jer 8:10
b Gen 38:24 Lev 20:10 Dut 22:22
c IzA 6:25-27 IzA 7:27
d IzA 22:22, 23 Isay 10:1-3
e Job 34:19 IzA 14:31 IzA 22:2 Mal 2:10
f Hu 139:16
g Dut 15:7, 8
h Dut 10:18 IzA 28:27
i Hez 18:5, 7 Jak 1:27 1Jo 3:17

Uhla 2
a Isay 58:7 Luk 3:11 Jak 2:15, 16
b Dut 24:13
c IzA 14:21
d IzA 31:23
e Hu 49:6, 7 1Ti 6:17
f Est 5:11 Hu 62:10 IzA 11:28
g Dut 8:17, 18
h Dut 4:19
i Dut 11:16

**31:10** *NgesiHebheru, "amanye amadoda bawaguqe phezu kwakhe." **31:12** *Noma, "Usiphule." **31:15** *NgesiHebheru, "esibelethweni." **31:16** *NgesiHebheru, "afiphale." **31:18** *NgesiHebheru, "ngisesesibelethweni sikamama."

**31:20** *NgesiHebheru, "izinkalo zakhe zingazange." **31:21** *Noma kungaba, "Lapho ngibona ukuthi ngiyasekelwa esangweni ledolobha." **31:22** *Noma, "Isiphanga." **31:26** *NgesiHebheru, "ukukhanya."

29 Ngake ngajabula yini
ngokushabalala kwesitha
sami[a]
Noma ngagiya ngoba sehle-
lwe okubi?
30 Angikaze ngivumele umlo-
mo wami ukuba wone
Ngokucela ukuphila kwaso
ngesifungo.[b]
31 Abantu betende lami aba-
shongo yini ukuthi,
'Ubani ongathola umuntu
ongasuthiswanga ukudla*
kwakhe?'[c]
32 Akukho sihambi* okwaku-
dingeka silale ngaphandle
ebusuku;[d]
Iminyango yami ngangiyi-
vulela umuntu oyisiha-
mbi.
33 Ngake ngazama yini ukufi-
hla izeqo zami njengaba-
nye abantu,[e]
Ngokufihla isiphambeko
sami ekhukhwini lengubo
yami?
34 Ngake ngesaba yini ukuthi
iningi lizothini,
Noma ngake ngesatshiswa
yini ukwedelela kwemi-
nye imindeni,
Kungenze ngithule, ngesa-
be nokuphumela ngapha-
ndle?
35 Ukube nje othile ubenga-
ngilalela![f]
Bengiyobhala igama lami
kwengikushilo.
UMninimandla Onke
makangiphendule![g]
Ukube nje ummangaleli
wami ubewabhale encwa-
dini amacala!
36 Bengiyoyitshatha ehlombe,
Ngiyibeke ekhanda nje-
ngomqhele.
37 Bengiyomtshela ngazo zo-
nke izinto engizenzile;
Bengiyosondela kuye ngo-
kuzethemba, njengenko-
sana.
38 Uma umhlaba wami ubu-
ngakhala ngami
Nemisele yawo ikhale ka-
nyekanye;
39 Uma ngizidle mahhala izi-
thelo zawo,[a]
Noma uma ngibangele usizi
kubanikazi bawo;[b]
40 Khona-ke mangimilelwe
ameva esikhundleni sika-
kolweni
Nokhula olunukayo esikhu-
ndleni sebhali."
Amazwi kaJobe aphela la-
pha.

32 Ngakho la madoda ama-
thathu ayeka ukuzama
ukuphendula uJobe, ngoba wa-
yeqiniseka ngokuthi ulungi-
le.*[c] 2 Kodwa u-Elihu indoda-
na kaBharakeli umBuzi[d] wom-
ndeni kaRamu wayethukuthe-
le kakhulu. Intukuthelo ya-
khe yamvuthela uJobe ngoku-
zama ukuzibonakalisa elungile
kunokuba athi nguNkulunkulu
olungile.[e] 3 Wayebathukuthe-
lele kakhulu nabangani baka-
Jobe abathathu ngoba bahlule-
ka ukuthola impendulo ko-
dwa bathi uNkulunkulu mubi.[f]
4 U-Elihu wayelokhu elinde
ukuphendula uJobe, ngoba
babebadala kunaye.[g] 5 Lapho
u-Elihu ebona ukuthi la
madoda amathathu ayengena-
yo impendulo, wathukuthe-
la nakakhulu. 6 Ngakho u-Eli-
hu indodana kaBharakeli um-
Buzi waqala ukukhuluma, wa-
thi:
"Mina ngimncane,*
Nina madoda nibadala.[h]

---

31:31 *NgesiHebheru, "inyama." 31:32 *Noma, "sifiki."

32:1 *Noma, "wayelungile emehlweni akhe." 32:6 *NgesiHebheru, "ngimncane ngezinsuku."

ISAHL. 31
a IzA 17:5; IzA 24:17, 18
b Mat 5:44; Rom 12:14
c Gen 18:5; Rom 12:13
d Gen 19:1, 3; Heb 13:2; 1Pe 4:9
e Gen 3:8; IzA 28:13; IzE 5:8
f Job 19:7
g Job 13:22

Uhla 2
a Jak 5:4
b 1Kh 21:15

ISAHL. 32
c Job 6:29; Job 27:6
d Gen 22:20, 21
e Job 10:2, 3
f Eks 20:7; Job 4:18-20; Job 22:2, 3; Job 25:5, 6; Job 42:8
g Lev 19:32
h Job 15:10

Ngenxa yalokho nginihloniphile ngazibamba,[a]
Futhi angizange ngilokothe nginitshele engikwaziyo.
7 Ngacabanga, 'Abantu abadala* mabakhulume,
Labo abanesikhathi eside bephila mabenze ukuhlakanipha kwaziwe.'
8 Kodwa ngumoya okubantu,
Ukuphefumula koMninimandla Onke, okubanika ukuqonda.[b]
9 Iminyaka nje iyodwa ayimenzi* umuntu ahlakaniphe,
Futhi akubona abantu abadala kuphela abaqonda ukuthi yini elungile.[c]
10 Ngakho ngithi, 'Ngilaleleni,
Ngizonitshela engikwaziyo.'
11 Bhekani! Ngiwalindile amazwi enu;
Bengilokhu ngikulalele ebenikusho,[d]
Njengoba benifuna izinto enizozisho.[e]
12 Nginilalelisisile,
Kodwa akekho kini okwazile ukuveza ukuthi uJobe usephutheni*
Noma okwazile ukumphendula.
13 Ngakho ningasho ukuthi,
'Sikutholile ukuhlakanipha;
NguNkulunkulu omsolayo, akuyena umuntu.'
14 Akazange amelane nami ngamazwi,
Ngakho ngeke ngimphendule ngamazwi enu.
15 Sebephele amandla, abasenazo izimpendulo;
Sebephelelwe amagama.
16 Ngilindile, kodwa abasaqhubeki nokukhuluma;
Bamile nje, abanampendulo.
17 Ngakho nami ngizophendula;
Nami ngizokusho engikwaziyo,
18 Ngoba ngigcwele amazwi;
Umoya ongaphakathi kimi uyangiphoqa.
19 Ingaphakathi lami lifana newayini elisesigujini esivalwe ngci,
Njengesigubhu* esisha sewayini esesizoqhuma.[a]
20 Mangikhulume ukuze ngikhululeke!
Ngizovula izindebe zami ngiphendule.
21 Ngeke ngiphathe abanye ngendlela ebonisa ukukhetha;[b]
Futhi ngeke ngikhohlise muntu,*
22 Ngoba angazi ukuthi umuntu ukhohliswa kanjani;
Ukube bengazi, uMenzi wami ubeyongibhubhisa ngokushesha.

33 "Kodwa manje Jobe, ngicela uzwe amazwi ami;
Lalela konke engikushoyo.
2 Ngicela ubheke! Kumele ngiwuvule umlomo wami;
Ulimi* lwami kumele lukhulume.
3 Amazwi ami amemezela ubuqotho benhliziyo yami,[c]
Izindebe zami zikusho ngobuqotho lokho engikwaziyo.
4 Umoya kaNkulunkulu ungenzile,[d]
Nokuphefumula koMninimandla Onke kungenze ngaphila.[e]

ISAHL. 32
a 1Ti 5:1; 1Pe 5:5
b 1Kh 3:12; 1Kh 4:29; Job 35:11; IzA 2:6; Shu 2:26; Dan 1:17; Mat 11:25; Jak 1:5
c Hu 119:100; Shu 4:13
d Jak 1:19
e IzA 15:28

Uhla 2
a Mat 9:17
b Lev 19:15; IzA 24:23; Jak 3:17

ISAHL. 33
c Mat 12:34; Luk 6:45
d Hu 119:73
e Gen 2:7; Shu 12:7; IzE 17:25

32:7 *NgesiHebheru, "Izinsuku." 32:9 *Noma, "Izinsuku eziningi nje zizodwa azimenzi." 32:12 *Noma, "ukusola uJobe."

32:19 *Lesi sigubhu sasenziwe ngesikhumba. 32:21 *Noma, "nginike muntu isiqu sokumhlonipha." 33:2 *NgesiHebheru, "Ulimi kanye nolwanga."

5 Uma ukwazi, ngiphendule;
Yethula udaba lwakho phambi kwami; kulungele ukuziphendulela.
6 Bheka! Ngiyafana nje nawe kuNkulunkulu weqiniso;
Nami ngabunjwa ngobumba.[a]
7 Ngakho akukho lutho olwesabisayo kimi okufanele lukwethuse,
Akukho lutho olucindezelayo oluvela kimi okufanele lukukhungathekise.
8 Kodwa uthe ezindlebeni zami,
Yebo, bengilokhu ngikuzwa usho la mazwi,
9 'Ngimsulwa, anginaseqo;[b]
Ngihlanzekile, anginasiphambeko.[c]
10 Kodwa uNkulunkulu uyazithola izizathu zokumelana nami;
Ungibheka njengesitha sakhe.[d]
11 Ufaka izinyawo zami kozankosi;*
Ucubungula zonke izindlela zami.'[e]
12 Kodwa awukhulumi iqiniso uma usho lokho, ngakho ngizokuphendula:
UNkulunkulu mkhulu kakhulu kunomuntu ofayo.[f]
13 Kungani ukhala ngaye?[g]
Yingoba engazange awaphendule wonke amazwi akho?[h]
14 Ngoba uNkulunkulu ukhuluma kaningi,
Kodwa akekho onakayo,
15 Lokhu ukwenza ephusheni, embonweni wasebusuku,[i]
Lapho ubuthongo obukhulu behlela abantu
Ngesikhathi belele emibhedeni yabo.

33:11 *Noma, "ezingongolweni." Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

ISAHL. 33
a Gen 2:7
b Job 10:7; Job 16:16, 17; Job 23:11
c Job 29:14
d Job 13:24; Job 16:9; Job 19:11
e Job 13:27; Job 14:16; Job 31:4
f Job 12:13; Hu 8:4; Isay 40:25; Isay 55:9
g Isay 45:9; Rom 9:20
h Job 13:24
i Num 12:6; Dan 4:5

Uhla 2
a Job 36:10
b Gen 20:6, 7; Mat 27:19
c Dan 4:24, 25
d Gen 31:24
e Hu 107:17, 18
f Job 14:13
g Job 19:25; Mat 20:28
h 2Kh 5:14

16 Ube esevula izindlebe zabo,[a]
Agxilise imiyalo yakhe kubo,
17 Ukuze anqande umuntu ekwenzeni okubi,[b]
Futhi avikele umuntu ekunqotshweni ukuqhosha.[c]
18 UNkulunkulu usindisa umphefumulo* wakhe egodini,#[d]
Nokuphila kwakhe ekubulaweni inkemba.△
19 Umuntu angafunda okuthile lapho elele embhedeni wakhe ezwa izinhlungu,
Nangobuhlungu obungapheli bamathambo akhe,
20 Kangangokuthi uyasenyanya* isinkwa,
Wenqaba ngisho nokudla okumnandi.[e]
21 Inyama yakhe iyawohloka ingabe isabonakala,
Namathambo akhe abefihlekile manje asehleli obala.*
22 Umphefumulo* wakhe usondela egodini;#
Nokuphila kwakhe kulabo ababulalayo.
23 Uma eba nesithunywa,*
Umkhulumeli oyedwa kwabayinkulungwane,
Ukuba atshele umuntu ukuthi buyini ubuqotho,
24 Khona-ke uNkulunkulu umbonisa umusa, athi:
'Msindise ukuze angehleli egodini!#[f]
Ngithole isihlengo![g]
25 Inyama yakhe mayibe ntsha* kunasebusheni;[h]

**33:18** *Noma, "ukuphila." **33:18, 22, 24** #Noma, "ethuneni." **33:18** △Noma, "isikhali (umcibisholo)." **33:20** *NgesiHebheru, "ukuphila kwakhe kuyasenyanya." **33:21** *Noma, "aseyabonakala." **33:22** *Noma, "Ukuphila." **33:23** *Noma, "nengelosi." **33:25** *Noma, "nempilo."

Makabuyele ezinsukwini
zobungqabavu bobusha
bakhe.’[a]
26 Uyoncenga uNkulunkulu,[b]
yena oyomamukela,
Abone ubuso baKhe ngoku-
memeza kwenjabulo,
UNkulunkulu uyobuyisela
ukulunga kwaKhe kumu-
ntu ofayo.
27 Lowo muntu uyomemezela*
kubantu athi,
‘Ngonile,[c] ngahlanekezela
okulungile,
Kodwa angikutholanga
obekungifanele.#
28 Uwukhululile umphefumu-
lo* wami ukuba ungayi
egodini,#[d]
Nokuphila kwami kuyoku-
bona ukukhanya.’
29 Ngempela, uNkulunkulu
uyazenza zonke lezi zinto,
Azenze kaningi, ezenzela
umuntu,
30 Ukuze ambuyise egodini,#
Ukuze akhanyiselwe ngoku-
khanya kokuphila.[e]
31 Lalela Jobe! Ngilalele!
Thula, mina ngizoqhubeka
ngikhuluma.
32 Uma kukhona ofuna uku-
kusho, ngiphendule.
Khuluma, ngoba ngifuna
ukuveza ukuthi ulungile.
33 Uma kungekho ofuna
ukukusho, kufanele
ungilalele;
Thula, ngizokufundisa
ukuhlakanipha.”

34 U-Elihu waqhubeka wa-
phendula, wathi:
2 “Lalelani amazwi ami, nina
enihlakaniphile;
Ngizweni, nina enazi
kakhulu.
3 Ngoba indlebe ivivinya
amazwi
Njengoba nje nolimi*
lunambitha ukudla.
4 Masizihlolele thina ukuthi
yini elungile;
Masizinqumele thina
ukuthi yikuphi okuhle.
5 Ngoba uJobe uthe,
‘Anginaphutha,[a]
Kodwa uNkulunkulu ungi-
godlele ubulungisa.[b]
6 Ngingawaqamba yini ama-
nga ngesahlulelo okufa-
nele ngisithole?
Inxeba lami alelapheki, na-
kuba kungekho seqo.’[c]
7 Ikhona yini indoda efana
noJobe,
Eyamukela ukwenziwa
inhlekisa njengokungathi
iphuza amanzi?
8 Uhamba nabantu abenza
okubi,
Uzihlanganisa nabantu
ababi.[d]
9 Ngoba uthe, ‘Umuntu
akazuzi
Ngokuzama ukujabulisa
uNkulunkulu.’[e]
10 Ngakho ngilaleleni nina ma-
doda anokuqonda:*
UNkulunkulu weqiniso aka-
kucabangi nokukucaba-
nga ukwenza okubi,[f]
UMninimandla Onke aka-
kucabangi ukwenza oku-
ngalungile![g]
11 Ngoba uyovuza umuntu
ngokwalokho
akwenzayo,[h]
Amvumele ukuba avune
imiphumela yezindlela
zakhe.
12 Ngokuqinisekile, uNkulu-
nkulu akenzi okubi;[i]

ISAHL. 33
a Dut 34:7
Job 42:16
Hu 103:3-5
b Hu 30:8
c 2Sa 12:13
Hu 32:5
IzA 28:13
Luk 15:21
1Jo 1:9
d Hu 19:14
Isay 38:17
e Hu 56:13

Uhla 2

ISAHL. 34
a Job 29:14
Job 33:9
b Job 27:2
c Job 9:17, 18
d IzA 1:10, 15
IzA 4:14
e Job 9:22-24
Job 35:3
f Gen 18:25
2Kr 19:7
Hu 92:15
g Dut 32:4
Rom 9:14
Heb 6:10
h 1Kr 28:9
Hu 62:12
IzA 24:12
Jer 32:19
Hez 33:20
Rom 2:6
2Ko 5:10
Gal 6:7
1Pe 1:17
IsA 22:12
i Jak 1:13

**33:27** *NgesiHebheru, “uyocula.” #Noma kungaba, “Futhi akungizuzisanga.” **33:28** *Noma, “ukuphila.” **33:28, 30** #Noma, “ethuneni.”

**34:3** *NgesiHebheru, “nolwanga.” **34:10** *NgesiHebheru, “anenhliziyo.”

UMninimandla Onke aka-
buhlanekezeli ubulu-
ngisa.[a]
13 Ubani omphathise
umhlaba,
Ombeke phezu kwalo lonke
izwe?*
14 Uma* ebajikela abantu,
Uma ebuthela kuye umoya
nokuphefumula kwabo,[b]
15 Bonke abantu bayoshaba-
lala,
Isintu sibuyele othulini.[c]
16 Ngakho uma unokuqonda,
lalela lokhu;
Kulalelisise engikushoyo.
17 Ingabe umuntu ozonda
ubulungisa kufanele kube
nguye olawulayo,
Noma ingabe uyomlahla
umuntu onamandla
olungile?
18 Ungasho yini enkosini uku-
thi, 'Awulusizo lwalutho'?
Noma ezicukuthwaneni
ukuthi, 'Nibabi'?[d]
19 Ukhona Lowo ongakhethi
lapho esebenzelana
nezikhulu
Nongakhethi abacebile
acindezele abampofu,*[e]
Ngoba bonke bawumsebe-
nzi wezandla zakhe.[f]
20 Bangase bafe
kungazelelwe[g] phakathi
nobusuku;[h]
Bayadiyazela badlule;
Ngisho nabanamandla ba-
yasuswa, kodwa abasu-
swa isandla somuntu.[i]
21 Ngoba amehlo kaNkulunku-
lu asezindleleni zomuntu,[j]
Ubona zonke izinyathelo
zakhe.
22 Abukho ubumnyama noma
ithunzi elimnyama
Lapho abenzi bokubi be-
ngazifihla khona.[a]
23 Ngoba akekho umuntu
uNkulunkulu ake wambe-
kela isikhathi
Ukuze avele phambi kwa-
khe azokwahlulelwa.
24 Uphihliza abanamandla
ngaphandle kokwenza
uphenyo,
Amise abanye endaweni
yabo.[b]
25 Ngoba uyazi ukuthi be-
nzani;[c]
Uyabanqoba ebusuku futhi
bachotshoziwe.[d]
26 Uyabashaya ngenxa yobubi
babo,
Phambi kwabo bonke aba-
ntu,[e]
27 Ngesizathu sokuthi bayeki-
le ukumlandela[f]
Futhi abanandaba nazo
zonke izindlela zakhe;[g]
28 Benza abampofu ukuba
bakhalele kuye,
Ukuze akuzwe ukukhala
kwabangakwazi ukuzi-
siza.[h]
29 Lapho uNkulunkulu ethula,
ubani ongamlahla?
Lapho efihla ubuso bakhe,
ubani ongambona?
Kungakhathaliseki ukuthi
ukwenza esizweni noma
kumuntu, umphumela
uyafana,
30 Ukuze umuntu ongamesabi
uNkulunkulu* angabusi[i]
Noma abekele abantu
izicupho.
31 Ukhona yini oyothi kuNku-
lunkulu,
'Ngijezisiwe, nakuba ku-
ngekho cala engilenzile;[j]
32 Ngifundise lokho engihlule-
kile ukukubona;

ISAHL. 34

*a* Hu 89:14, Hu 97:2, Hu 99:4, Rom 2:11
*b* Hu 104:29, Shu 12:7, Isay 42:5, IzE 17:25
*c* Gen 3:19, Hu 146:4, Shu 3:20
*d* Eks 22:28, Shu 8:2-4, Shu 10:20
*e* Dut 10:17, 2Kr 19:7, IzE 10:34, Rom 2:11, Efe 6:9
*f* Job 31:13-15, IzA 22:2
*g* Hu 73:3, 19, IzE 12:21-23
*h* Eks 12:29, Dan 5:30
*i* 1Sa 25:38
*j* Gen 6:5, 2Kr 16:9, Job 31:4, IzA 5:21, IzA 15:3, Jer 16:17, Jer 32:19, 1Pe 3:12

Uhla 2

*a* Hu 139:11, 12, Isay 29:15, Jer 23:24, Amo 9:3, Heb 4:13
*b* Hez 21:26, 27, Dan 2:21, Dan 4:25
*c* Hos 7:2
*d* 1Sa 4:17, Dan 5:30
*e* Num 12:10
*f* 1Sa 15:11
*g* Hu 28:5
*h* Eks 22:22, 23, Jak 5:4
*i* Job 13:16, Job 27:8
*j* Dan 9:7, Rom 3:23

**34:13** *Noma, "umhlaba owakhiwe." **34:14** *NgesiHebheru, "Uma inhliziyo yakhe." **34:19** *Noma, "izicukuthwane acindezele abahluphekayo."

**34:30** *Noma, "oyisihlubuki."

Uma kukhona okungalungile engikwenzile, ngeke ngiphinde ngikwenze'?
**33** Ingabe kufanele akuvuze ngemibandela yakho lapho wenqaba isahlulelo sakhe?
Nguwe okufanele unqume, akumina.
Ngakho ngitshele lokho okwazi kahle.
**34** Abantu abanokuqonda bazothi kimi
—Noma iyiphi indoda ehlakaniphile engizwayo—
**35** 'UJobe ukhuluma engenalo ulwazi,[a]
Namazwi akhe antula ukuqonda.'
**36** UJobe makavivinywe* kuze kube sekugcineni
Ngoba izimpendulo zakhe zifana nezabantu ababi!
**37** Wenezela ukuvukela esonweni sakhe;[b]
Ushaya izandla sakubhuqa phambi kwethu
Andise amazwi akhe amelene noNkulunkulu weqiniso!"[c]

**35** U-Elihu waqhubeka waphendula, wathi:
**2** "Ingabe ngempela ucabanga ukuthi ulungile kangangokuba uze uthi,
'Ngilunge ngaphezu kukaNkulunkulu'?[d]
**3** Ngoba uthi, 'Kunanzuzoni kuwe?*
Kukhona yini engikuzuzile ngenxa yokuthi angonanga?'[e]
**4** Mina ngizokuphendula
Ngiphendule nabangani bakho[f] abakanye nawe.
**5** Bheka phezulu ezulwini ubone,
Bukisisa amafu,[a] wona aphakeme kakhulu kunawe.
**6** Uma wenza isono, ulimala kanjani yena?[b]
Uma iziphambeko zakho zanda, yini oyenzayo kuye?[c]
**7** Uma kuwukuthi ulungile, umnikani yena;
Utholani kuwe?[d]
**8** Ububi bakho buthinta umuntu onjengawe kuphela,
Nokulunga kwakho kuthinta abantu kuphela.
**9** Abantu bayakhala lapho becindezeleke kakhulu;
Bakhalela usizo ngenxa yabantu abanamandla abalawulayo.*[e]
**10** Kodwa akekho othi, 'Uphi uNkulunkulu, uMenzi wami Omkhulu,[f]
Lowo obangela ukuba kuculwe izingoma ebusuku?'[g]
**11** Usifundisa[h] ngaphezu kwezilwane zomhlaba,[i]
Asenze sihlakaniphe ukwedlula izinyoni zamazulu.
**12** Abantu bayakhala, kodwa akaphenduli,[j]
Ngenxa yokuqhosha kwababi.[k]
**13** UNkulunkulu akakuzwa ukukhala okungamanga;*[l]
UMninimandla Onke akagxili kukho.
**14** Kangakanani-ke lapho ukhala ngokuthi awumboni![m]
Icala lakho liphambi kwakhe, ngakho kufanele umlinde.[n]
**15** Ngoba intukuthelo yakhe ayizange imenze afune ulandise;

ISAHL. 34
a Job 35:16; Job 38:2; Job 42:3
b Job 10:1; Job 19:6
c Job 35:2

ISAHL. 35
d Job 10:7; Job 16:16, 17; Job 34:5
e Job 9:22-24; Job 34:9; Hu 73:13
f Job 2:11

Uhla 2
a Hu 68:34
b IzA 8:36; IzA 9:12
c IzA 19:3
d Rom 11:35
e IzA 29:2
f Isay 51:12, 13; 1Pe 4:19
g Hu 42:8; Hu 149:5; IzE 16:25
h Hu 94:12; Isay 48:17
i Gen 1:26
j Hu 18:41
k IzA 1:28, 29; 1Pe 5:5
l IzA 15:29; Isay 1:15; Jer 11:11
m Job 9:11
n Hu 37:5

**34:36** *Noma kungaba, "Baba, uJobe makavivinywe." **35:3** *Cishe kubhekiselwa kuNkulunkulu.

**35:9** *NgesiHebheru, "yengalo yabanamandla." **35:13** *Noma, "okuyize."

Futhi akazange akunake
ukuphahluka kwakho
okwedlulele.[a]
16 UJobe uwuvula kakhulu
umlomo wakhe awuvulele
ize;
Ukhuluma kakhulu engena-
lwazi."[b]

36 U-Elihu waqhubeka wathi:
2 "Ngibekezelele isikha-
shana njengoba ngisa-
chaza,
Ngoba ngisenawo amazwi
okukhulumela uNkulu-
nkulu.
3 Ngizogeqa amagula ngengi-
kwaziyo,
Futhi ngizothi uMenzi wami
ulungile.[c]
4 Ngempela amazwi ami
awawona amanga;
Lowo onolwazi oluphelele[d]
ulapha phambi kwakho.
5 Impela, uNkulunkulu una-
mandla[e] futhi akalahli
muntu;
Unamandla amakhulu
okuqonda.*
6 Ngeke akulonde ukuphila
kwababi,[f]
Kodwa ubenzela ubulungi-
sa abahluphekile.[g]
7 Akawasusi amehlo akhe
kwabalungile;[h]
Ubahlalisa namakhosi* esi-
hlalweni sobukhosi,[i] futhi
baphakanyiswa kuze
kube phakade.
8 Kodwa uma beboshwe nga-
maketanga,
Beboshwe ngezindophi zo-
kuhlupheka,
9 Ubembulela abakwenzile,
Izeqo zabo ezibangelwe
ukuqhosha kwabo.
10 Uvula izindlebe zabo ukuze
zizwe ukulungiswa,
Abatshele ukuba bafulathe-
le okubi.[a]
11 Uma bemlalela futhi bem-
khonza,
Bayochuma ekuphileni
kwabo,
Iminyaka yabo iyoba
mnandi.[b]
12 Kodwa uma bengalaleli, ba-
yobulawa ngenkemba,*[c]
Bafe bengenalwazi.
13 Abangamesabi uNkulunku-
lu* ezinhliziyweni zabo
bayofukamela inzondo.
Abalukhaleli usizo ngisho
noma ebabopha.
14 Bafa besebancane,[d]
Bechitha* ukuphila kwabo
nezifebe zesilisa zasethe-
mpelini.[e]
15 Kodwa uNkulunkulu
ukhipha abahluphekile
ekuhluphekeni kwabo;
Uvula izindlebe zabo lapho
becindezelwa ukuze ba-
muzwe.
16 Uyakukhulula ekuququ-
dweni usizi,[f]
Akubeke endaweni enkulu,
engenamingcele,[g]
Akududuze ngokudla oku-
nomsoco etafuleni
lakho.[h]
17 Ngemva kwalokho uyo-
gculiseka ngokwahlulelwa
kwababi,[i]
Lapho kukhishwa isahlule-
lo futhi kwenziwa ubulu-
ngisa.
18 Kodwa qaphela ukuba ula-
ka lungakuholeli ekubeni
nonya,*[j]
Ungasivumeli isifumbathi-
so esikhulu sikudukise.

36:5 *NgesiHebheru, "enhliziyo." 36:7 *Noma kungaba, "Uhlalisa amakhosi."

36:12 *Noma, "ngesikhali (ngomcibisholo)." 36:13 *Noma, "Abayizihlubuki." 36:14 *Noma kungaba, "Bephothula." 36:18 *Noma, "ekushayeni izandla unamagqubu."

ISAHL. 35
a Hu 103:10-12
b Job 34:35; Job 38:2

ISAHL. 36
c Dut 32:4; Hu 11:7; Hu 139:14; Dan 9:14; IsA 15:3
d 1Sa 2:3; Job 37:16
e Hu 24:8; Hu 99:4; Jer 32:18
f Hu 9:17; Hu 68:2; 2Pe 2:9
g Hu 10:14; Hu 140:12; IzA 22:22, 23
h Hu 33:18; Hu 34:15
i Hu 78:70, 71; Hu 113:7, 8; Isay 9:7

Uhla 2
a Hez 18:30
b Jer 26:13
c Job 33:16-18; Isay 1:19, 20; Rom 2:8
d Hu 55:23
e 1Kh 14:24
f Isay 30:21
g Hu 18:19
h Isay 55:2
i IzA 2:22; Jer 25:31
j IzA 19:19; IzA 29:22

**19** Ingabe ukukhalela kwakho usizo
Noma ukuzikhandla kwakho kuyokukhulula osizini?[a]
**20** Ungabulangazeleli ubusuku,
Lapho abantu benyamalala ezindaweni zabo.
**21** Qaphela ukuba ungaphendukeli ekwenzeni okubi
Ukhethe ukwenza okubi esikhundleni senhlupheko.[b]
**22** Bheka! UNkulunkulu uphakanyisiwe ngenxa yamandla akhe;
Ukhona yini umfundisi onjengaye?
**23** Ubani oqondise* indlela yakhe[c]
Noma othe kuye, 'Lokhu okwenzile akulungile'?[d]
**24** Ungakukhohlwa ukubabaza umsebenzi wakhe,[e]
Abantu abahlabelele ngawo.[f]
**25** Sonke isintu siwubonile,
Umuntu ofayo uwubukela kude.
**26** Ngempela, uNkulunkulu mkhulu kunalokho esingase sikwazi;[g]
Iminyaka yakhe ayinakubalwa.*[h]
**27** Udonsa amathonsi amanzi awakhuphule;[i]
Inkungu iyancibilika yakhe imvula;
**28** Amafu abe eseyehlisela phansi;[j]
Ayenze ine phezu kwesintu.
**29** Ukhona yini ongaqonda ukwendlaleka kwamafu,
Ukuduma okuvela etendeni* lakhe?[a]
**30** Buka indlela awusabalalisa ngayo umbani* wakhe[b] phezu kwalo,
Amboze ukujula kolwandle.
**31** Usekela izizwe ngalezi zinto;
Uzinika ukudla okuningi.[c]
**32** Umbani uwumboza ngezandla zakhe,
Awuqondise esisulwini sawo.[d]
**33** Ukuduma kumemezela ukuba khona kwakhe,
Ngisho nemfuyo isitshela ukuthi ubani* ozayo.

**37** "Manje inhliziyo yami ishaya ngamandla,
Futhi iyagxuma endaweni yayo.
**2** Kulaleleni ngokucophelela ukugwavuma kwezwi lakhe
Nokuduma okuphuma emlonyeni wakhe.
**3** Ulithumela ngaphansi kwawo wonke amazulu,
Athumele nombani wakhe[e] emaphethelweni omhlaba.
**4** Kube sekulandela umsindo ohlokomayo;
Uduma ngezwi elikhulu,[f]
Umbani ulokhu ubaneka lapho ekhuluma.
**5** UNkulunkulu uyaduma ngezwi lakhe[g] ngendlela emangalisayo;
Wenza izinto ezinkulu esingenakuziqonda.[h]
**6** Ngoba uthi eqhweni, 'Khithika emhlabeni,'[i]
Nasemvuleni enkulu, 'Yina ngamandla.'[j]
**7** UNkulunkulu uqeda yonke imisebenzi yabantu

---

36:23 *Noma kungaba, "ogxeke; omenze walandisa ngayo." 36:26 *Noma, "ayiphenyeki."
36:29 *NgesiHebheru, "edokodweni." 36:30 *NgesiHebheru, "ukukhanya." 36:33 *Noma kungaba, "yini."

ISAHL. 36
a Job 34:20; Hu 33:16; IzA 11:4
b Heb 11:24, 25
c Isay 40:14
d Job 34:10; Rom 9:14
e Hu 92:5; Hu 104:24
f Eks 15:1
g Hu 145:3; Hu 148:13; IsA 15:3
h Hu 90:2; Hu 102:25-27; 1Ti 1:17; Heb 1:10-12
i Gen 2:6; Amo 5:8
j IzA 3:20; Isay 55:10; Jer 14:22

Uhla 2
a 2Sa 22:12
b Job 37:3
c IzE 14:17
d 2Sa 22:15; Hu 18:14; Hu 144:6

ISAHL. 37
e Job 37:11; Hu 97:4
f Job 40:9; Hu 29:3; Hu 68:33
g 2Sa 22:14
h Shu 3:11; IsA 15:3
i Hu 147:16
j Amo 9:6

Ukuze wonke umuntu ofa-
yo awazi umsebenzi wa-
Khe.
8 Izilwane zasendle zingena
emigedeni yazo,
Zihlale kuyo.
9 Kufika isivunguvungu
somoya[a]
Namakhaza avela emoyeni
wasenyakatho.[b]
10 Ngokuphefumula kuka-
Nkulunkulu, kwakheka
iqhwa,[c]
Nezindawo eziningi ezina-
manzi ziba yiqhwa.[d]
11 Wenza amafu asindwe
umswakama;
Umbani wakhe[e] uwusakaza
emafwini;
12 Ayaphenduphenduka aye
lapho ewaqondisa khona;
Enza noma yini awayala
ukuba ayenze[f] emhlabeni.
13 Kungakhathaliseki
ukuthi kungenjongo yoku-
jezisa*[g] noma yokunisela
umhlaba
Noma ngenxa yothando olu-
qotho, ubangela ukuba
kwenzeke.[h]
14 Lalela Jobe;
Ake ume ucabangisise nge-
misebenzi emangalisayo
kaNkulunkulu.[i]
15 Uyazi yini ukuthi uNkulu-
nkulu uwalawula* kanjani
amafu
Nokuthi uwenza kanjani
umbani ukuba ubanike
efwini lakhe?
16 Uyazi yini ukuthi amafu
ama kanjani emoyeni?[j]
Lena imisebenzi emanga-
lisayo yaLowo onolwazi
oluphelele.[k]
17 Kungani izingubo zakho
zishisa

37:13 *NgesiHebheru, "yenduku."
37:15 *Noma, "uwayala."

ISAHL. 37
a Hu 104:3
b IzA 25:23
c Hu 147:16
d Job 38:29, 30
e Job 37:3
f Hu 148:8
g Eks 9:23 1Sa 12:17, 18
h 1Kh 18:45 Job 36:29, 31 Job 38:25-27 Jak 5:17, 18
i Hu 111:2 Hu 145:5
j Job 36:29
k Job 36:4 Hu 18:30 Hu 104:24

Uhla 2
a Luk 12:55
b Isay 44:24
c Rom 11:34
d 1Kr 16:27 Hu 8:1
e Hu 145:3 Shu 3:11 Rom 11:33
f 1Kr 29:11 Job 36:22 Isay 40:26
g Dut 32:4 Hu 33:5 Hu 37:28
h Hu 11:7 Hu 71:19
i Hu 33:8 IzA 1:7 Mat 10:28
j IzA 3:7 Mat 11:25 Rom 11:20 Rom 12:16 1Ko 1:26

ISAHL. 38
k Eks 19:16, 19 1Kh 19:11
l Job 42:3

Kuyilapho umhlaba uzo-
liswa umoya oseningi-
zimu?[a]
18 Ungasisabalalisa* yini ka-
nye naye isibhakabhaka[b]
Siqine njengesibuko sensi-
mbi?
19 Sitshele okufanele sikusho
kuye;
Asikwazi ukuphendula
ngoba sisebumnyameni.
20 Ngingamtshela yini uNku-
lunkulu ukuthi ngifuna
ukukhuluma naye?
Noma ukhona yini umuntu
osho okuthile okufanele
kuxoxwe naye?[c]
21 Abakwazi nokubona uku-
khanya,*
Nakuba kukhanya esibha-
kabhakeni,
Kuze kube yilapho kudlula
umoya uphephule amafu.
22 Enyakatho kuvela ubukha-
zikhazi begolide;
Ubukhulu
bukaNkulunkulu[d]
buyamangalisa.
23 Ngeke sikwazi ukuqonda
uMninimandla Onke;[e]
Unamandla amakhulu,[f]
Futhi akalokothi ahlaneke-
zele ubulungisa bakhe[g]
nokulunga kwakhe
okukhulu.[h]
24 Ngakho abantu kufanele
bamesabe.[i]
Ngoba umelene nanoma
ubani ocabanga ukuthi
uhlakaniphile."[j]

**38** Ngemva kwalokho uJe-
hova waphendula uJobe
esivunguvungwini wathi:[k]
2 "Ubani lo ositha iseluleko
sami
Nokhuluma engenalwazi?[l]

37:18 *Noma, "Ungasicangcatha."
37:21 *Okuwukuthi, ukukhanya kwela-
nga.

3 Ngicela uzilungiselele*
njengendoda;
Mina ngizokubuza, wena
ungichazele.
4 Wawukuphi lapho ngakha
isisekelo somhlaba?[a]
Ngitshele uma ucabanga
ukuthi uyaqonda.
5 Ubani owakala izilinganiso
zawo, uma kuwukuthi
uyazi,
Noma, owelulela kuwo
intambo yokukala?
6 Zambelwa kuphi izisekelo
zawo,
Ubani owabeka itshe lawo
legumbi,*[b]
7 Lapho izinkanyezi zaseku-
seni[c] zikhamuluka kanye-
kanye ngenjabulo,
Nawo wonke amadodana
kaNkulunkulu*[d] eqala
ukumemeza ehalalisa?
8 Futhi ubani owavimba
ulwandle ngezicabha[e]
Lapho luphulukundlela
njengokungathi luphuma
esibelethweni,
9 Lapho ngilwembathisa
amafu
Ngilusonga ngamafu
amnyama,
10 Lapho ngilubekela umkha-
wulo
Ngibeka imigoqo nezicabha
zalo endaweni efanele,[f]
11 Ngathi kulo, 'Ungahamba
ugcine lapha, ungadluleli
phambili;
Amagagasi akho agubhayo
azogcina lapha'?[g]
12 Wake* wakuyala yini wena
ukusa
Noma wenza ukuntwela ko-
kusa kwazi indawo yako,[h]
13 Uwena yini owatshela uku-
khanya kwasekuseni uku-
ba kuye emaphethelweni
omhlaba
Kuxoshe ababi?[a]
14 Umhlaba uyaguqulwa nje-
ngobumba ngaphansi
kophawu,
Nokubukeka kwawo kuya-
phawuleka njengokwezi-
ngubo.
15 Kodwa ababi bagodlelwa
ukukhanya
Nengalo yabo ephakeme
iphukile.
16 Ufikile yini phansi emitho-
njeni yolwandle,
Noma wahlola amanzi
ajulile?[b]
17 Embuliwe yini kuwe amasa-
ngo okufa,[c]
Noma uke wawabona
yini amasango obumnya-
ma obukhulu?*[d]
18 Ukuqondile yini ukuthi
mkhulu kangakanani
umhlaba?[e]
Ngitshele uma ukwazi
konke lokhu.
19 Ukukhanya kuhlala kuyiphi
indawo?[f]
Indawo yobumnyama yona
ikuphi,
20 Ukuba ukuthathe ukuyise
endaweni yako
Nokuba uqonde izindlela
eziya emzini wako?
21 Ingabe lokhu ukwazi ngoba
wawusuzaliwe kakade
Nangenxa yokuthi iminya-
ka* yakho miningi?
22 Ungenile yini ezinqoloba-
neni zeqhwa,[g]
Noma uzibonile yini izinqo-
lobane zesichotho,[h]
23 Engizigcinele isikhathi
sosizi,

---

**38:3** *NgesiHebheru, "ubophe izinkalo zakho." **38:6** *Noma, "itshe elibekwa ekhoneni lesakhiwo." **38:7** *Lesi yisisho sesiHebheru esibhekisela emadodaneni kaNkulunkulu ayizingelosi. **38:12** *NgesiHebheru, "Ezinsukwini zakho."

**38:17** *Noma, "ethunzi lokufa." **38:21** *NgesiHebheru, "izinsuku."

ISAHL. 38
a Gen 1:1; Neh 9:6; Hu 136:6; IzA 8:29; Heb 1:10
b Hu 104:5
c IsA 22:16
d Gen 6:2; 1Kh 22:19; Job 1:6; Job 2:1; Hu 89:6
e Hu 33:7; IzA 8:29
f Gen 1:9; Jer 5:22
g IzA 8:29
h Gen 1:5; Hu 74:16

Uhla 2
a Job 24:15; 1Th 5:7
b Gen 1:2; Hu 77:19
c Hu 9:13; Mat 16:18
d Job 10:21, 22
e Hu 74:17; Hu 89:11
f Isay 45:7
g Job 37:6
h Jos 10:11; Isay 30:30

Usuku lokulwa nolwempi?[a]
24 Ukukhanya* kusabalala ku-
vela kuluphi uhlangothi,
Nomoya wasempumalanga
uvunguza uvela kuphi?[b]
25 Ubani ovule umgudu
wesikhukhula
Wenza nendlela yefu le-
siphepho esihambisana
nokuduma,[c]
26 Ukuze imvula ine lapho ku-
ngahlali muntu khona,
Ehlane lapho kungekho
bantu khona,[d]
27 Ukuze anise imvula ezinda-
weni ezinesomiso
Abangele nokuba utshani
buhlume?[e]
28 Imvula inaye yini ubaba,[f]
Ubani onguyise wamaconsi
amazolo?[g]
29 Iqhwa laphuma esibele-
thweni sikabani,
Isithwathwa sezulu sona
sazalwa ubani[h]
30 Lapho amanzi embozwe
njengokungathi ambozwe
ngetshe,
Namanzi ajulile eyiqhwa?[i]
31 Ungazibopha yini izibopho
zeqoqo lezinkanyezi
iKhima
Noma uthukulule izinta-
mbo zeqoqo lezinkanyezi
iKhesili?[j]
32 Ungalihola yini iqoqo le-
zinkanyezi* ngesikhathi
salo
Noma uqondise iqoqo le-
zinkanyezi i-Ashi kanye
namadodana alo?
33 Uyayazi yini imithetho
ebusa amazulu,[k]
Noma ungalibeka yini igu-
nya lawo* emhlabeni?
34 Ungamemeza yini izwi
lakho lifike amafwini
Ukuze wenze isikhukhula
samanzi sikumboze?[a]
35 Ungayithumela yini
imibani?
Iyoza yini kuwe ithi,
'Silapha!'
36 Ubani owafaka ukuhlakani-
pha emafwini*[b]
Noma owanika izinto ezi-
nhle ezisesibhakabhake-
ni# ukuqonda?[c]
37 Ubani ohlakaniphe kanga-
ngokuba angabala amafu,
Noma ongatshekisa izimbi-
za zamanzi zezulu[d]
38 Lapho uthuli luphenduka
isigaxa
Namagabade omhlaba
enamathelana?
39 Ungalizingelela yini
ibhubesi inyamazane
Noma usuthise amabhubesi
asemancane[e]
40 Lapho ecathama emigedeni
yawo,
Noma ecuthile ezindaweni
ahlala kuzo?
41 Ubani olungiselela
igwababa ukudla[f]
Lapho amaphuphu alo
ekhalela usizo kuNkulu-
nkulu,
Ezulazula ngoba kungekho
lutho angaludla?

39 "Uyasazi yini isikhathi
izimbuzi zezintaba
ezizala ngaso?[g]
Uke wayibona yini
inyamazane izala?[h]
2 Uyazibala yini izinyanga
ezisuke zimithi ngazo?
Uyasazi yini isikhathi eziza-
la ngaso?
3 Ziyakhonkobala lapho
zizala amazinyane azo,
Futhi imihelo yazo
iyaphela.

38:24 *Noma kungaba, "Umbani."
38:32 *NgesiHebheru, "iMazarothi."
38:33 *Noma kungaba, "laKhe."
38:36 *Noma kungaba, "kumuntu." #Noma kungaba, "ingqondo."

ISAHL. 38
a Eks 9:24; Hez 13:13
b Hu 135:7
c Job 28:26
d Hu 104:13; Hu 107:35
e Hu 147:7, 8
f 1Sa 12:18; Isay 30:23; Jer 5:24
g Gen 27:28
h Hu 147:16
i Job 37:10
j Amo 5:8
k IzA 3:19; Jer 31:35; Jer 33:25

Uhla 2
a Zak 10:1
b Jer 10:12
c Hu 136:5; IzA 3:20
d Jer 10:13
e Hu 104:21; Hu 145:15, 16; Nah 2:12
f Hu 147:9; Mat 6:26; Luk 12:24

ISAHL. 39
g Hu 104:18
h Hu 29:9

4 Amazinyane azo aba namandla, akhulele endle;
Ayahamba, angabuyeli kuzo.
5 Ubani owakhulula imbongolo yasendle,[a]
Ubani owaqaqa izintambo zayo?
6 Ngenze ithafa eliwugwadule laba ikhaya layo
Nezwe likasawoti laba indawo yayo yokuhlala.
7 Iyayihleka inhlokomo yedolobha;
Ayikuzwa ukumemeza komuntu oyiqondisayo.
8 Ihambahamba emagqumeni ukuze ithole idlelo,
Ifuna zonke izitshalo eziluhlaza.
9 Inkunzi yasendle iyafuna yini ukukukhonza?[b]
Iyobuchitha yini ubusuku emkhombeni wakho?
10 Uyoyibopha yini ngentambo inkunzi yasendle uyiyise emseleni,
Noma, iyokulandela yini iyolima* esigodini?
11 Uyothembela yini emandleni ayo amakhulu,
Uyivumele ikwenzele umsebenzi onzima?
12 Uyothembela yini kuyo ukuba ikulethele isivuno* sakho,
Iyosiletha yini esibuyeni# sakho?
13 Amaphiko entshe yensikazi abhakuza ngenjabulo,
Kodwa izimpaphe nezinsiba zayo ziyafana yini nezikanogolantethe?[c]
14 Ngoba ishiya amaqanda ayo emhlabathini
Futhi iwagcina efudumele othulini.
15 Iyakhohlwa ukuthi angase achotshozwe unyawo oluthile
Noma ukuthi isilwane sasendle singase siwanyathele.
16 Ibaphatha kabuhlungu abantwana bayo, njengokungathi akubona abayo;[a]
Ayisabi ukuthi ingase isebenzele ize.
17 Ngoba uNkulunkulu uyenze yantula* ukuhlakanipha,
Akayinikanga ukuqonda.
18 Kodwa lapho isukuma ibhakuzisa amaphiko ayo,
Iyalihleka ihhashi nomgibeli walo.
19 Nguwe yini onika ihhashi amandla alo?[b]
Uyayembathisa yini intamo yalo umhlwenga oyimvukumvuku?
20 Ungalenza yini ukuba ligxume njengentethe?
Ukuthimula kwalo ngamandla kuyethusa.[c]
21 Liphanda umhlabathi esigodini, lijabule ngamandla;[d]
Liyaphuma liye empini.*[e]
22 Liyayihleka into esabisayo, alesabi lutho.[f]
Alibuyeli emuva ngenxa yenkemba.
23 Isikhwama semicibisholo siyakhehlezela njengoba sithinta ihhashi,
Umkhonto nengcula kuyabanika njengoba lihamba.
24 Ligajwe yinjabulo, liyagabavula liye phambili,*

ISAHL. 39
a Job 24:5; Hu 104:10, 11
b Dut 33:17
c Hu 104:17; Zak 5:9

Uhla 2
a IsiL 4:3
b Hu 147:10; Isay 31:1
c Jer 8:16
d Hlu 5:22; Hu 32:9
e IzA 21:31; Jer 46:9; Jer 47:3; Hab 1:8
f Isay 5:28; Jer 8:6

39:10 *Noma, "iyohlelemba." 39:12 *NgesiHebheru, "imbewu." #Indawo okubhulelwa kuyo ukudla okusanhlamvu.

39:17 *NgesiHebheru, "yakhohlwa." 39:21 *NgesiHebheru, "liyohlangabeza ibutho." 39:24 *NgesiHebheru, "ligwinya umhlabathi (umhlaba)."

Alikwazi ukuma linga-
nyakazi* lapho kukhala
uphondo.
25 Lapho kukhala uphondo,
lithi, 'Nazo-ke!'
Liyihogela lisekude impi,
Lizwe ukumemeza kwezi-
nduna nesiqubulo sempi.[a]
26 Ingabe ukuqonda kwakho
okwenza uheshe undizele
phezulu,
Welulele amaphiko awo
eningizimu?
27 Noma ingabe ukhozi luya-
lwa nguwe ukuba lundize-
le phezulu,[b]
Lwakhe isidleke salo phe-
zulu,[c]
28 Ukuba luhlale ubusuku
bonke eweni,
Luhlale endaweni yalo
eqinile eseweni?
29 Lufuna ukudla lulapho;[d]
Amehlo alo abona emaju-
kujukwini.
30 Amaphuphu alo amunca
igazi;
Nomaphi lapho kunezi-
dumbu khona, lukhona
nalo."[e]

40 UJehova waqhubeka no-
kuphendula uJobe wathi:
2 "Ingabe umuntu kufanele
athole amaphutha kuMni-
nimandla Onke futhi alwe
naye?[f]
Lowo ofuna ukusola uNku-
lunkulu makaphendule."[g]
3 UJobe waphendula uJeho-
va wathi:
4 "Bheka! Ngiyinto
engelutho.[h]
Ngingakuphendula
ngithini?
Ngibeka isandla sami
emlonyeni wami.[i]
5 Ngikhulumile kanye, ngisho
nakabili, kodwa ngeke
ngisaphendula;
Ngeke ngisasho lutho."
6 UJehova wabe esemphe-
ndula uJobe esivunguvungwini
wathi:[a]
7 "Ngicela uzilungiselele*
njengendoda;
Mina ngizokubuza, wena
ungichazele.[b]
8 Uyobungabaza* yini ubulu-
ngisa bami?
Uyongigxeka yini ukuze
wena ube olungile?[c]
9 Ingabe unengalo enama-
ndla njengekaNkulunkulu
weqiniso,[d]
Noma ingabe izwi lakho li-
ngaduma* njengelakhe?[e]
10 Ngicela ubonise udumo
lwakho nokuthi unama-
ndla kangakanani;
Bonisa isithunzi sakho
nobukhulu bakho.
11 Dedela intukuthelo yakho
evuthayo;
Buka wonke umuntu ozi-
khukhumezayo, umehlise.
12 Buka wonke umuntu
ozikhukhumezayo,
umthobise,
Unyathele ababi lapho
bemi khona.
13 Bafihle bonke othulini;
Babophe endaweni
efihlekile,
14 Khona-ke, ngisho nami
ngiyokuqaphela*
Ukuze isandla sakho
sokudla sikusindise.
15 Nangu uBhehemoti*
engimenzile njengoba nje
nawe ngikwenzile.
Udla utshani njengenkunzi.

39:24 *Noma kungaba, "Alikholwa."

40:7 *NgesiHebheru, "ubophe izinkalo zakho." 40:8 *Noma, "Uyobenza bube yize." 40:9 *Noma, "lingazwakala njengokuduma kwezulu." 40:14 *Noma, "ngiyokuncoma." 40:15 *Cishe kushiwo imvubu.

ISAHL. 39
a Jer 46:4
b IzA 23:5; Isay 40:31
c Jer 49:16; Obad 4
d Job 9:26; Jer 49:22
e Mat 24:28

ISAHL. 40
f Job 33:12, 13; Isay 45:9
g Job 13:3; Job 23:3-5; Job 31:35
h Job 42:5, 6
i Hu 39:9; IzA 30:32

Uhla 2
a Job 38:1
b Job 38:3; Job 42:4
c Hu 51:4; Rom 3:4
d Eks 15:6; Hu 89:13; Isay 40:26; 1Ko 10:22
e Job 37:4; Hu 29:3

**16** Buka amandla asezinqulwini zakhe
Namandla asemisipheni yesisu sakhe!
**17** Uqinisa umsila wakhe ube njengomsedari;
Imisipha yamathanga akhe iphothene.
**18** Amathambo akhe enziwe ngethusi;
Imilenze yakhe yenziwe ngensimbi.
**19** Usekuqaleni* kwemisebenzi kaNkulunkulu;
UMenzi wakhe kuphela ongambulala ngenkemba.
**20** Ngoba izintaba zimkhiqizela ukudla,
Lapho kudlala khona zonke izilwane zasendle.
**21** Ulala ngaphansi kwezihlahla zentebe,
Emthunzini womhlanga omila exhaphozini.
**22** Izihlahla zentebe zimenzela umthunzi,
Nezihlahla zobhabhulini besigodi* ziyamzungeza.
**23** Uma umfula ugubha ngamandla, akesabi.
Unesibindi, ngisho noma iJordani[a] limshaya ngamandla.
**24** Ukhona yini ongambamba ebhekile,
Noma abhoboze ikhala lakhe ngehhuku?

**41** "Ungambamba yini uLeviyathani*[b] ngodobo
Noma ucindezele ulimi lwakhe ngentambo?
**2** Ungayifaka yini intambo* emakhaleni akhe
Noma ubhoboze imihlathi yakhe ngehhuku?#
**3** Ingabe uyokuncenga kaningi,
Noma ingabe uyokhuluma nawe ngomusa?
**4** Uyosenza yini isivumelwano nawe,
Ukuze umenze isigqila sakho ukuphila kwakho konke?
**5** Wena uyodlala yini naye njengokungathi udlala nenyoni
Noma umbophele amantombazanyana akho ukuze adlale ngaye?
**6** Abahwebi bayohwebelana yini ngaye?
Ingabe bayomhlukanisela abathengisi?
**7** Uyosigcwalisa yini isikhumba sakhe ngezinhlendla*[a]
Noma ikhanda lakhe ngemikhonto yokudoba?
**8** Beka isandla sakho kuye;
Uyoyikhumbula impi futhi ngeke uphinde ukwenze lokho.
**9** Noma yiliphi ithemba lokumnqoba liyize.
Ukumbona nje kuyokuqeda amandla.*
**10** Akekho noyedwa ongalokotha amchukuluze.
Ngakho ubani-ke ongamelana nami?[b]
**11** Ubani onginike okuthile kuqala ukuze kufaneleke ukuba ngimbuyisele?[c]
Noma yini engaphansi kwamazulu ingeyami.[d]
**12** Ngeke ngingakhulumi ngemilenze yakhe,
Ngeke ngingakhulumi ngamandla akhe nangomzi-

**40:19** *NgesiHebheru, "Uwukuqala." **40:22** *Noma, "bomhosha." **41:1** *Cishe kushiwo ingwenya. **41:2** *NgesiHebheru, "ikhwane." #NgesiHebheru, "ngeva."

**41:7** *Isikhali esifana nomkhonto, okungenzeka sinamazinyo abheke emuva njengodobo lwezinhlanzi. **41:9** *Noma, "uyosakazeka phansi."

ISAHL. 40
a Jos 3:15

ISAHL. 41
b Hu 104:25, 26

Uhla 2
a Job 41:26
b 2Kr 20:6; Dan 4:35; IzE 11:17; Rom 9:19
c Rom 11:35
d Dut 10:14; Hu 24:1; Hu 50:12; 1Ko 10:26

mba wakhe owakheke kahle.
13 Ubani osuse isembozo sakhe?
Ubani oyongena emihlathini yakhe evulekile?
14 Ubani ongavula imihlathi yakhe emikhulu?
Wonke amazinyo akhe ayethusa.
15 Umhlane wakhe unamazenga*
Avaleke thaqa.
16 Izenga ngalinye lingena khaxa kwelinye
Ukuze kungangeni moya phakathi kwawo.
17 Anamathelene;
Ahlangene futhi ngeke ahlukaniseke.
18 Ukuthimula kwakhe kubanika ukukhanya,
Namehlo akhe anjengemisebe yokuntwela kokusa.
19 Emlonyeni wakhe kuphuma ukubanika kombani;
Kuqhasha nezinhlansi zomlilo.
20 Emakhaleni akhe kuphuma intuthu,
Njengomlilo owokhelwe ngekhwane.
21 Umoya awuphefumulayo wokhela amalahle,
Kuphuma ilangabi emlonyeni wakhe.
22 Intamo yakhe inamandla amakhulu,
Futhi bonke abambonayo bafikelwa ukwesaba.
23 Imivingqi* yenyama yakhe inamathelene;
Iqinile futhi ayinyakaziseki njengokungathi ibunjwe ngensimbi encibilikisiwe.
24 Inhliziyo yakhe iqine njengetshe,
Yebo, iqine njengetshe lokugaya.
25 Lapho evuka, ngisho nabanamandla bayethuka;
Bavele badideke.
26 Ayikho inkemba emtholayo eyomnqoba;
Noma umkhonto, ingcula noma isihloko somcibisholo.[a]
27 Ubheka insimbi njengotshani,
Ithusi njengokhuni olubolile.
28 Umcibisholo awumenzi abaleke;
Amatshe esihlilingi ashintsha abe izinhlanga kuye.
29 Ubheka umshiza njengezinhlanga,
Uyawuhleka umsindo wengcula.
30 Ingaphansi lakhe linjengezindengezi zobumba ezicijile;
Uzendlala odakeni njengesihlibhi sokubhula ukudla okusanhlamvu.[b]
31 Ubangela ukuba amanzi ajulile abile njengamanzi asebhodweni;
Wenza ulwandle lube namagwebu njengamafutha okugcoba asebhodweni.
32 Lapho edlule khona ushiya amanzi ekhazimula.
Umuntu angacabanga ukuthi ekujuleni bekunezinwele ezimhlophe.
33 Ayikho into enjengaye emhlabeni,
Isidalwa esingesabi lutho.
34 Uzibheka ngqo zonke izilwane ezizethembayo.
Uyinkosi phezu kwazo zonke izilwane ezinkulu zasendle."

---

41:15 * Noma kungaba, "Uziqhenya ngamazenga akhe." 41:23 * Izinyama ezilekanyene.

Uhla 2

ISAHL. 41
a Job 41:7
b Isay 41:15

**42** UJobe wabe esephendula uJehova wathi:

**2** "Sengiyazi ukuthi uyakwazi
ukwenza zonke izinto,
Nokuthi akukho lutho olu-
cabangayo ongeke ukwazi
ukulwenza.[a]
**3** Uthe, 'Ubani lo ositha iselu-
leko sami engenalwazi?'[b]
Ngakho ngikhulumile, ko-
dwa ngingaqondi
Ngikhuluma ngezinto ezi-
mangalisa kakhulu kimi,
engingazazi.[c]
**4** Uthe, 'Ngicela ulalele, mina
ngizokhuluma.
Mina ngizokubuza, wena
ungichazele.'[d]
**5** Izindlebe zami zizwile
ngawe,
Kodwa manje sengiyakubo-
na ngamehlo ami.
**6** Yingakho ngikuhoxisa engi-
kushilo,[e]
Futhi ngihlala othulini na-
semlotheni ukuze ngibo-
nise ukuzisola kwami."[f]

**7** Ngemva kokuba uJehova
esekhulume la mazwi kuJobe,
uJehova wathi ku-Elifazi um-
Themani:
"Wena nabangani bakho aba-
bili[g] nginithukuthelele ngiya-
ngqangqa, ngoba anilikhulu-
manga iqiniso ngami[h] njengo-
ba kwenze inceku yami uJo-
be. **8** Manje thathani izinku-
nzi eziyisikhombisa nezinqama
eziyisikhombisa niye encekwini
yami uJobe, nifike nizinikele-
le umhlatshelo oshiswayo. Ince-
ku yami uJobe izonithandazela.[i]
Nakanjani ngizosamukela isice-
lo sayo sokuba ngingasebenze-
lani nani ngokobuwula enibubo-
nisile, ngoba anilikhulumanga
iqiniso ngami, njengoba kwenze
inceku yami uJobe."
**9** Ngakho u-Elifazi umThe-
mani, uBhilidadi umShuhi no-
Sofari umNahama bahamba be-
nza lokho uJehova ayethe aba-
kwenze. Ngemva kwalokho uJe-
hova wawamukela umthandazo
kaJobe.
**10** Ngemva kokuba uJobe
esebathandazele abangani ba-
khe,[a] uJehova waluqeda usizi lu-
kaJobe[b] wabuyisa nomcebo wa-
khe.* UJehova wamnika okuphi-
ndwe kabili kulokho ayenakho
ekuqaleni.[c] **11** Bonke abafowa-
bo nodadewabo nabo bonke
ababengabangani bakhe[d] beza
kuye, badla naye isidlo endlini
yakhe. Bazwelana naye, bamdu-
duza ngayo yonke inhlekelele
uJehova ayevumele ukuba ime-
hlele. Ngamunye kubo wamni-
ka isipho esiyimali nendandatho
yegolide.
**12** Ngakho uJehova wabusi-
sa isiphetho sokuphila kukaJo-
be ukwedlula isiqalo sako,[e] fu-
thi uJobe waba nezimvu ezi-
ngu-14 000, amakamela angu-
6 000, izinkomo ezingu-2 000*
kanye nezimbongolo ezingu-
1 000.[f] **13** Futhi waba nama-
nye amadodana ayisikhombisa
namanye amadodakazi amatha-
thu.[g] **14** Indodakazi yokuqa-
la wayiqamba ngokuthi uJemi-
ma, eyesibili ngokuthi uKheziya
neyesithathu ngokuthi uKereni-
haphuki. **15** Kulo lonke izwe
babengekho abesifazane abahle
njengamadodakazi kaJobe, fu-
thi uyise wawanika ifa kanye na-
bafowabo.
**16** Ngemva kwalokhu uJobe
waphila iminyaka engu-140,
wabona izingane zakhe na-
bazukulu—izizukulwane ezine.
**17** Ekugcineni uJobe wafa, nge-
mva kokuphila isikhathi eside
ukuphila okwanelisayo.*

ISAHL. 42
*a* Gen 18:14; Hu 135:6; Isay 43:13; Isay 55:10, 11; Jer 32:17; Mar 10:27; Luk 18:27
*b* Job 38:2
*c* Hu 40:5; Hu 139:6
*d* Job 38:3; Job 40:7
*e* Job 40:4
*f* Ezr 9:6; Hu 51:17
*g* Job 2:11
*h* Job 11:6; Job 15:14, 15; Job 22:2, 3
*i* Gen 20:17; Jak 5:15

Uhla 2
*a* Mat 6:14
*b* Job 2:6, 7; Jak 5:11
*c* Gen 32:10; 1Sa 2:7; 2Kr 25:9; IzA 22:4; Isay 61:7
*d* Job 19:13
*e* IzA 3:33; IzA 10:22; Heb 11:6; Jak 5:11
*f* Job 1:3
*g* Job 1:1, 2

**42:10** *NgesiHebheru, "uJehova wasishintsha isimo sokuthunjwa sikaJobe." **42:12** *NgesiHebheru, "izipani zezinkomo eziyinkulungwane." **42:17** *NgesiHebheru, "esemdala futhi anelisiwe izinsuku."

# AMAHUBO

UHLU LOKUPHAKATHI


1 Kuqhathaniswa izindlela ezimbili
Injabulo etholakala ngokufunda umthetho kaNkulunkulu (2)
Abalungile banjengesihlahla esithelayo (3)
Ababi banjengamakhoba apheshulwa umoya (4)

2 UJehova nogcotshiwe wakhe
UJehova uhleka izizwe (4)
UJehova umisa inkosi yakhe (6)
Hloniphani indodana (12)

3 Ukwethembela kuNkulunkulu naphezu kokuba sengozini
'Kungani ziningi kangaka izitha zami?' (1)
"Insindiso ingekaJehova" (8)

4 Umthandazo wokwethembela kuNkulunkulu
"Thukuthelani, kodwa ningoni" (4)
'Ngiyolala ngokuthula' (8)

5 UJehova, isiphephelo sabalungile
UNkulunkulu uyabuzonda ububi (4, 5)
"Ngihole ngokulunga kwakho" (8)

6 Isicelo sokuboniswa umusa
Abafile abamdumisi uNkulunkulu (5)
UNkulunkulu uyazizwa izicelo zokuboniswa umusa (9)

7 UJehova unguMahluleli olungile
"O Jehova, ngahlulele" (8)

8 Inkazimulo kaNkulunkulu nesithunzi somuntu
"Yeka ukuthi igama lakho libabazeka kangakanani!" (1, 9)
Ubaluleke ngani umuntu? (4)
Umuntu uthweswe umqhele wenkazimulo (5)

9 Ukumemezela imisebenzi kaNkulunkulu emangalisayo
UJehova uyindawo yokuphephela elondekile (9)
Ukwazi igama likaNkulunkulu kusho ukwethembela kuye (10)

10 UJehova, umsizi wabangakwazi ukuzisiza
Ababi baqhosha bathi: "Akekho uNkulunkulu" (4)
Abangenamsizi baphendukela kuJehova (14)
"UJehova uyiNkosi kuze kube phakade" (16)

11 Ukuphephela kuJehova
"UJehova usethempelini lakhe elingcwele" (4)
UNkulunkulu uyamzonda umuntu othanda ubudlova (5)

12 UJehova uyasukuma ukuze athathe isinyathelo
Amazwi kaJehova ahlanzekile (6)

13 Ukulangazelela insindiso kaJehova
"O Jehova, uyongikhohlwa kuze kube nini?" (1, 2)
UJehova uvuza ngokucebile (6)

14 Ukuchazwa kongenangqondo
"Akekho uJehova" (1)
"Akekho owenza okuhle" (3)

15 Ngubani ongaba yisimenywa etendeni likaJehova?
Ukhuluma iqiniso enhliziyweni yakhe (2)
Akanyundeli (3)
Ugcina isithembiso sakhe, ngisho noma simlimaza (4)

16 UJehova, uMthombo wezinto ezinhle
"UJehova unginika konke enginakho" (5)
'Imicabango yami iyangiqondisa ebusuku' (7)
'UJehova ungakwesokudla sami' (8)
"Ngeke ungishiye eThuneni" (10)

17 Umthandazo wokucela isivikelo
"Uyihlolile inhliziyo yami" (3)
"Ngaphansi kwamaphiko akho" (8)

18 Ukudumisa uJehova ngenxa yensindiso
"UJehova wami uyidwala lami" (2)
UJehova, uqotho kulabo abaqotho (25)
Indlela kaNkulunkulu iphelele (30)
"Ukuthobeka kwakho kungenza ngibe mkhulu" (35)

19 Indalo nomthetho kaNkulunkulu kunikeza ubufakazi
"Amazulu amemezela inkazimulo kaNkulunkulu" (1)

Umthetho kaNkulunkulu ophelele ubuyisa amandla (7)
'Izono engizenze ngingaboni' (12)

20 Ukusindiswa kwenkosi egcotshwe nguNkulunkulu
Abanye bathembele ezinqoleni nasemahhashini, "kodwa thina sibiza igama likaJehova" (7)

21 Inkosi ethembela kuJehova iyabusiswa
Inkosi inikwa ukuphila isikhathi eside (4)
Izitha zikaNkulunkulu ziyonqotshwa (8-12)

22 Ukusuka ekuphelelweni yithemba kuya ekudunyisweni
"Nkulunkulu wami, ungishiyeleni?" (1)
"Zenza inkatho ngezingubo zami" (18)
Ukudumisa uNkulunkulu ebandleni (22, 25)
Umhlaba wonke uzodumisa uNkulunkulu (27)

23 "UJehova unguMalusi wami"
"Ngeke ngiswele lutho" (1)
"Ungipha amandla" (3)
"Indebe yami igcwele phama" (5)

24 INkosi ekhazimulayo ingena emasangweni
'Umhlaba ungokaJehova' (1)

25 Umthandazo wokucela isiqondiso nentethelelo
"Ngifundise imikhondo yakho" (4)
"Ubungani obuseduze noJehova" (14)
'Xolela zonke izono zami'(18)

26 Ukuhamba ngobuqotho
"Ngihlole Jehova" (2)
Ukugwema ukuzihlanganisa nababi (4, 5)
'Ngizozungeza i-altare likaNkulunkulu' (6)

27 UJehova uyinqaba yami
Ukubuka ithempeli likaNkulunkulu ngenjabulo (4)
UJehova uyangikhathalela ngisho noma abazali bengenandaba nami (10)
"Themba uJehova" (14)

28 Uyawuzwa umthandazo womhubi
"UJehova ungamandla ami nehawu lami" (7)

29 Izwi likaJehova elinamandla
Khulekani nembethe izingubo ezingcwele (2)
"UNkulunkulu okhazimulayo uduma njengezulu" (3)
UJehova unika abantu bakhe amandla (11)

30 Ukukhala kuphenduka injabulo
UNkulunkulu ukubonisa umusa ukuphila kwakho konke (5)

31 Ukuphephela kuJehova
"Umoya wami ngiwubeka esandleni sakho" (5)
"Jehova Nkulunkulu weqiniso" (5)
Ubuhle bukaNkulunkulu obuchichimayo (19)

32 Bayajabula labo abathethelelwe
"Ngasivuma isono sami kuwe" (5)
UNkulunkulu ukunika ukuqonda (8)

33 Dumisani uMdali
"Mhlabeleleni ingoma entsha" (3)
Ngezwi likaJehova nangomoya wakhe konke kwadalwa (6)
Siyajabula isizwe sikaJehova (12)
Iso likaJehova eliqaphayo (18)

34 UJehova ukhulula izinceku zakhe
"Masiliphakamise kanyekanye igama lakhe" (3)
Ingelosi kaJehova iyavikela (7)
"Nambithani nibone ukuthi uJehova muhle" (8)
'Akukho nelilodwa lamathambo akhe eliphuliwe' (20)

35 Umthandazo wokucela ukukhululwa ezitheni
Izitha zizoxoshwa (5)
Ukudumisa uNkulunkulu phakathi kwabantu abaningi (18)
Ukuzondwa ngaphandle kwesizathu (19)

36 Uthando lukaNkulunkulu oluqotho oluyigugu
Omubi akamesabi uNkulunkulu (1)
UNkulunkulu ungumthombo wokuphila (9)
"Ngokukhanya kwakho siyakwazi ukubona ukukhanya" (9)

37 Labo abathembela kuJehova bayophumelela
"Ungathukutheli ngenxa yabantu ababi" (1)

“Jabula kakhulu ngoJehova” (4)
“Vumela uJehova aqondise indlela yakho” (5)
“Abamnene bayodla ifa lomhlaba” (11)
Olungile ngeke aswele ukudla (25)
Abalungile bayophila phakade emhlabeni (29)

38 Umthandazo womuntu ophendukayo ososizini
“Ngicindezelekile, ngidikibele” (6)
UJehova uyabezwa labo abalindela yena (15)
“Ngangikhathazekile ngenxa yesono sami” (18)

39 Ukuphila kufushane
Umuntu uwumoya okhishwa ngamakhala (5, 11)
“Ungazishalazeleli izinyembezi zami” (12)

40 Ukubonga uNkulunkulu ongenakuqhathaniswa
Imisebenzi kaNkulunkulu miningi kakhulu ukuba ngingayibala (5)
Imihlatshelo ayiyona into ebaluleke kakhulu kuNkulunkulu (6)
“Kuyangijabulisa ukwenza intando yakho” (8)

41 Umthandazo womuntu ogulayo esembhedeni
UNkulunkulu uyabasekela abagulayo (3)
Ngiphendukelwe umngani wami (9)

42 Ukudumisa uNkulunkulu njengoMsindisi Omkhulu
Ukomela uNkulunkulu njengenyamazane yomele amanzi (1, 2)
“Kungani ngiphelelwa yithemba?” (5, 11)
“Ngizomlinda uNkulunkulu” (5, 11)

43 UNkulunkulu njengoMahluleli uyasindisa
“Thumela ukukhanya kwakho neqiniso lakho” (3)
“Kungani ngiphelelwa yithemba?” (5)
“Ngizomlinda uNkulunkulu” (5)

44 Umthandazo wokucela usizo
“Nguwe owasisindisa” (7)
‘Njengemvu eyohlatshwa’ (22)
“Vuka usisize!” (26)

45 Umshado wenkosi egcotshiwe
Ikhuluma amazwi amnandi (2)
“UNkulunkulu uyisihlalo sakho sobukhosi kuze kube phakade” (6)
Inkosi ilangazelela ubuhle bomlobokazi (11)
Amadodana ayoba yizikhulu emhlabeni wonke (16)

46 ‘UNkulunkulu uyisiphephelo sethu’
Imisebenzi kaNkulunkulu emangalisayo (8)
UNkulunkulu uqeda izimpi emhlabeni wonke (9)

47 UNkulunkulu uyiNkosi emhlabeni wonke
‘UJehova uyamangalisa’ (2)
Hubelani uNkulunkulu izingoma zokudumisa (6, 7)

48 IZiyoni, idolobha leNkosi Enkulu
Umhlaba wonke uyajabula (2)
Hlolani idolobha nemibhoshongo yalo (11-13)

49 Kuwubuwula ukuthembela engcebweni
Akekho umuntu ongakhulula omunye (7, 8)
UNkulunkulu ukhulula eThuneni (15)
Ingcebo ngeke ikwazi ukusindisa ekufeni (16, 17)

50 UNkulunkulu wahlulela phakathi koqotho nomubi
Isivumelwano sikaNkulunkulu ngomhlatshelo (5)
“UNkulunkulu unguMahluleli” (6)
Zonke izilwane zingezikaNkulunkulu (10, 11)
UNkulunkulu udalula ababi (16-21)

51 Umthandazo womuntu ophendukile
Ngazalelwa esonweni (5)
“Ngihlanze esonweni sami” (7)
“Hlanza inhliziyo yami” (10)
Inhliziyo ephukile iyamjabulisa uNkulunkulu (17)

52 Ukwethembela othandweni lukaNkulunkulu oluqotho
Abaziqhayisa ngezenzo ezimbi bayaxwayiswa (1-5)
Abangamesabi uNkulunkulu bathembela engcebweni (7)

53 Kuchazwa iziphukuphuku
“Akekho uJehova” (1)
“Akekho owenza okuhle” (3)

54 Umthandazo wokucela usizo lapho ephakathi kwezitha
"UNkulunkulu ungumsizi wami" (4)

55 Umthandazo lapho ejikelwe ngumngani
Ngiklolodelwa umngani omkhulu (12-14)
"Phonsa umthwalo wakho kuJehova" (22)

56 Umthandazo lapho eshushiswa
"Ngithembele kuNkulunkulu" (4)
'Izinyembezi zami zisesigujini sakho sesikhumba' (8)
"Umuntu angangenzani?" (4, 11)

57 Isicelo sokuboniswa umusa
Ukuphephela ngaphansi kwamaphiko kaNkulunkulu (1)
Izitha ziwele ogibeni lwazo (6)

58 Ukhona uNkulunkulu owahlulela umhlaba
Umthandazo wokucela ukuba kujeziswe ababi (6-8)

59 UNkulunkulu uyihawu nesiphephelo
'Ungabi nasihe kwabangamambuka' (5)
"Ngizohlabelela ngamandla akho" (16)

60 UNkulunkulu unqoba izitha
Akusizi ukusindiswa abantu (11)
"UNkulunkulu uzosinika amandla" (12)

61 UNkulunkulu ungumbhoshongo oqinile osivikela ezitheni
"Ngizoba yisimenywa etendeni lakho" (4)

62 Insindiso yangempela ivela kuNkulunkulu
"Ngilinde uNkulunkulu buthule" (1, 5)
'Thululani izinhliziyo zenu phambi kukaNkulunkulu' (8)
Abantu banjengomoya okhishwa ngamakhala (9)
Ningabeki ithemba lenu engcebweni (10)

63 Ukulangazelela uNkulunkulu
"Uthando lwakho oluqotho lungcono kunokuphila" (3)
"Nganelisekile ngokudla okungcono" (5)
Ukuzindla ngoNkulunkulu phakathi nobusuku (6)
'Ngibambelele kuNkulunkulu' (8)

64 Ukuvikelwa ekuhlaselweni okufihlekile
"UNkulunkulu uyobacibishela" (7)

65 UNkulunkulu uyawunakekela umhlaba
"Wena olalela imithandazo" (2)
"Uyajabula umuntu omkhethayo" (4)
Ubuhle bukaNkulunkulu obuchichimayo (11)

66 Imisebenzi kaNkulunkulu emangalisayo
"Wozani nibone imisebenzi kaNkulunkulu" (5)
"Ngizogcwalisa izifungo zami engizifunge kuwe" (13)
UNkulunkulu uyawulalela umthandazo (18-20)

67 Imikhawulo yomhlaba iyomesaba uNkulunkulu
Indlela kaNkulunkulu kufanele yaziwe (2)
'Zonke izizwe mazidumise uNkulunkulu' (3, 5)
"UNkulunkulu uyosibusisa" (6, 7)

68 'Izitha zikaNkulunkulu mazihlakazeke'
"Unguyise wentandane" (5)
"UNkulunkulu unika abangenabani ikhaya" (6)
Abesifazane bamemezela izindaba ezinhle (11)
Izipho ezingabantu (18)
'UJehova usithwalela umthwalo nsuku zonke' (19)

69 Umthandazo wokucela ukukhululwa
"Uthando lwami ngendlu yakho lunjengomlilo ovuthayo ngaphakathi kimi" (9)
"Ngiphendule ngokushesha" (17)
"Bangiphuzisa uviniga" (21)

70 Isicelo sokusizwa ngokushesha
"Ngisize ngokushesha" (5)

71 Ithemba lasebekhulile
Ukwethembela kuNkulunkulu kusukela ebusheni (5)
"Lapho amandla ami ephela" (9)
'UNkulunkulu ungifundisile kusukela ebusheni' (17)

72 Ukubusa okunokuthula kwenkosi emiswe uNkulunkulu
"Olungile uyoqhakaza" (7)
Izikhonzi kusukela olwandle kuze kube solwandle (8)
Ukukhululwa ebudloveni (14)

Inala yokudla emhlabeni (16)
Igama likaNkulunkulu lihlala kuze kube phakade (17)

73 Indoda eyesaba uNkulunkulu iphinde iba nombono ongokomoya
“Kusale kancane ukuba izinyawo zami ziphambuke” (2)
“Ngangikhathazeka usuku lonke” (14)
“Kwaze kwaba yilapho ngingena endlini engcwele kaNkulunkulu” (17)
Ababi babekwe endaweni eshelelayo (18)
Ukusondela kuNkulunkulu kuhle (28)

74 Umthandazo wokuba uNkulunkulu akhumbule abantu bakhe
Kukhunjulwa izenzo zikaNkulunkulu zokusindisa (12-17)
“Khumbula ukukloloda kwesitha” (18)

75 UNkulunkulu wahlulela ngokulunga
Ababi bazophuza indebe kaJehova (8)

76 UNkulunkulu unqoba izitha zeZiyoni
UNkulunkulu usindisa abamnene (9)
Izitha eziqhoshayo ziyothotshiswa (12)

77 Umthandazo ngesikhathi sokucindezeleka
Ukuzindla ngemisebenzi kaNkulunkulu (11, 12)
‘Ubani omkhulu njengawe, Nkulunkulu?’ (13)

78 Ukunakekela kukaNkulunkulu nokuntula ukholo kuka-Israyeli
Xoxela isizukulwane esizayo (2-8)
“Awazange abe nokholo kuNkulunkulu” (22)
“Ukudla kwasezulwini” (24)
“Bamzwisa ubuhlungu oNgcwele ka-Israyeli” (41)
Ukuphuma eGibhithe nokungena eZweni Lesithembiso (43-55)
“Babelokhu bemvivinya uNkulunkulu” (56)

79 Umthandazo lapho izizwe zihlasela abantu bakaNkulunkulu
‘Siyisihlamba’ (4)
‘Sisize ngenxa yegama lakho’ (9)
“Phindisela komakhelwane bethu kasikhombisa” (12)

80 Ukucela ukwamukelwa nguMalusi ka-Israyeli
“O Nkulunkulu, phinde usamukele” (3)
U-Israyeli unjengensimu kaNkulunkulu yamagilebhisi (8-15)

81 Isikhuthazo sokuba balalele
Ningakhonzi onkulunkulu bezinye izizwe (9)
‘Ukube nje beniyolalela’ (13)

82 Isicelo sokuba kwahlulelwe ngokulunga
UNkulunkulu wahlulela phakathi “konkulunkulu” (1)
“Vikelani ophansi” (3)
“Ningonkulunkulu” (6)

83 Umthandazo lapho bebhekene nezitha
“O Nkulunkulu ungathuli” (1)
Izitha zinjengekhakhasi elipheshulwa yisivunguvungu (13)
Igama likaNkulunkulu uJehova (18)

84 Ukulangazelela itabernakele likaNkulunkulu elikhulu
UmLevi ufisa ukuba njengenyoni (3)
“Usuku emagcekeni akho” (10)
“UNkulunkulu uyilanga nehawu” (11)

85 Umthandazo wokucela ukuvuselelwa
UNkulunkulu uzokhuluma ngokuthula kubantu abaqotho (8)
Uthando oluqotho nokwethembeka kuyohlangana (10)

86 Akekho unkulunkulu onjengoJehova
UJehova ukulungele ukuthethelela (5)
Zonke izizwe ziyokhonza uJehova (9)
“Ngifundise indlela yakho” (11)
“Yenza inhliziyo yami ibe nobunye” (11)

87 IZiyoni idolobha likaNkulunkulu weqiniso
Labo abazalelwe eZiyoni (4-6)

88 Umthandazo wokucela ukusindiswa ekufeni
‘Ukuphila kwami kulengela eThuneni’ (3)
‘Njalo ekuseni ngithandaza kuwe’ (13)

89 Ukuhlabelela ngothando lukaJehova oluqotho
Isivumelwano noDavide (3)
Inzalo kaDavide iyohlala phakade (4)
Ogcotshiwe kaNkulunkulu umbiza ngokuthi “Baba” (26)
Isivumelwano sikaDavide siqinisekisiwe (34-37)

Umuntu akanakulibalekela iThuna (48)

90 UNkulunkulu waphakade nomuntu ophila isikhashana
Iminyaka eyinkulungwane injengolwayizolo (4)
Umuntu uphila iminyaka engu-70 kuya kwengu-80 (10)
"Sifundise ukubala izinsuku zethu" (12)

91 Isivikelo endaweni kaNkulunkulu efihlekile
Ukukhululwa kumcuphi wezinyoni (3)
Isiphephelo ngaphansi kwamaphiko kaNkulunkulu (4)
Ukuphepha nakuba kuwa izinkulungwane (7)
Izingelosi ziyalwa ukuba ziqaphe (11)

92 UJehova uphakanyiswa phakade
Imisebenzi yakhe emikhulu nemicabango ejulile (5)
"Abalungile bayoqhakaza njengesihlahla" (12)
Asebegugile bayoqhubeka bechuma (14)

93 Ubukhosi bukaJehova obukhulu
"UJehova useyiNkosi!" (1)
'Izikhumbuzo zakho zithembekile' (5)

94 Umthandazo wokucela uNkulunkulu ukuba aphindisele
"Kuyoze kube nini abantu ababi belokhu bethokoza?" (3)
Ukuqondiswa uJah kuletha injabulo (12)
UNkulunkulu ngeke abashiye abantu bakhe (14)
"Sidala izinkinga egameni lomthetho" (20)

95 Ukukhulekela kweqiniso okuhambisana nokulalela
"Uma nilalela izwi lakhe namuhla" (7)
"Ningayenzi lukhuni inhliziyo yenu" (8)
"Ngeke singene ekuphumuleni kwami" (11)

96 "Hubelani uJehova ingoma entsha"
UJehova ufanelwe ukudunyiswa (4)
Onkulunkulu bezizwe abasizi ngalutho (5)
Khothamani nembethe izingubo ezingcwele (9)

97 UJehova uyaphakanyiswa ngaphezu kwabanye onkulunkulu
"UJehova useyiNkosi!" (1)
Thandani uJehova, nizonde okubi (10)
Ukukhanya kwabalungile (11)

98 UJehova, uMsindisi noMahluleli olungile
Insindiso kaJehova yenziwa yaziwe (2, 3)

99 UJehova, iNkosi engcwele
Uhlezi esihlalweni sobukhosi ngaphezu kwamakherubi (1)
UNkulunkulu othethelelayo nojezisayo (8)

100 Ukubonga uMdali
"Khonzani uJehova ngokuthokoza" (2)
'NguNkulunkulu owasenza' (3)

101 Umbusi wenza ngobuqotho
'Ngeke ngimbekezelele ozikhukhumezayo' (5)
"Ngiyobabheka ngomusa abathembekile" (6)

102 Umthandazo wocindezelekile ososizini
"Nginjengenyoni engayodwa" (7)
"Izinsuku zami zinjengethunzi elishabalalayo" (11)
"UJehova uyolakha kabusha iZiyoni" (16)
UJehova uhlala kuze kube phakade (26, 27)

103 "Ngizomdumisa uJehova"
UNkulunkulu uzibeka kude izono zethu (12)
UNkulunkulu ungubaba onomusa (13)
UNkulunkulu uyakhumbula ukuthi siluthuli (14)
Isihlalo sobukhosi sikaJehova nobubusi bakhe (19)
Izingelosi zifeza izwi likaNkulunkulu (20)

104 Ukudumisa uNkulunkulu ngenxa yendalo emangalisayo
Umhlaba uyohlala kuze kube phakade (5)
Iwayini nesinkwa somuntu (15)
"Yeka ukuthi miningi kangakanani imisebenzi yakho!" (24)
"Uma ususa umoya wazo, ziyafa" (29)

105 Izenzo zikaJehova zokwethembeka kubantu bakhe

UNkulunkulu ukhumbula isivumelwano sakhe (8-10)
"Ningabathinti abagcotshiwe bami" (15)
UJosefa oyisigqila usetshenziswa nguNkulunkulu (17-22)
Izimangaliso zikaNkulunkulu eGibhithe (23-36)
Ukuphuma kwama-Israyeli eGibhithe (37-39)
UNkulunkulu ukhumbula isithembiso asenza ku-Abrahama (42)

106 U-Israyeli akabongi
Bazikhohlwa ngokushesha izenzo zikaNkulunkulu (13)
Umfanekiso wenkunzi esikhundleni senkazimulo kaNkulunkulu (19, 20)
Babengenalo ukholo esithembisweni sikaNkulunkulu (24)
Bahlanganyela ekukhonzeni uBhali (28)
Izingane zihlatshelwa amademoni (37)

107 Bongani uNkulunkulu ngenxa yemisebenzi yakhe emangalisayo
Wabaholela endleleni efanele (7)
Wanelisa owomile wasuthisa nolambile (9)
Wabakhipha ebumnyameni (14)
Wathumela izwi lakhe ukuze abaphulukise (20)
Uvikela abampofu ekucindezelweni (41)

108 Umthandazo wokucela ukuba izitha zinqotshwe
Insindiso evela kubantu ayisizi ngalutho (12)
"UNkulunkulu uzosinika amandla" (13)

109 Umthandazo womuntu ocindezelekile
'Isikhundla saso masithathwe ngomunye' (8)
UNkulunkulu umi ohlangothini lompofu (31)

110 Inkosi nompristi onjengoMelkhizedeki
'Busa phakathi kwezitha zakho' (2)
Intsha ekhonza ngokuzithandela injengamaconsi amazolo (3)

111 Dumisani uJehova ngenxa yemisebenzi yakhe emikhulu
Igama likaNkulunkulu lingcwele, liyamangalisa (9)
Ukwesaba uJehova kuwukuhlakanipha (10)

112 Umuntu olungile wesaba uJehova
Obolekisa ngomusa uyochuma (5)
"Olungile uyokhunjulwa kuze kube phakade" (6)
Ophanayo unika abampofu (9)

113 UNkulunkulu ophezulu uphakamisa ophansi
Igama likaJehova liyodunyiswa phakade (2)
UNkulunkulu uyagoba (6)

114 Ukukhululwa kuka-Israyeli eGibhithe
Ulwandle lwabaleka (5)
Izintaba zatshakadula njengezinqama (6)
Idwala eliqinile liba yiziphethu (8)

115 NguNkulunkulu kuphela okumele akhazinyuliswe
Izithixo ezingaphili (4-8)
Umhlaba unikwe abantu (16)
"Abafile abamdumisi uJah" (17)

116 Ingoma yokubonga
"Ngizombuyisela ngani uJehova?" (12)
"Ngizothatha indebe yensindiso" (13)
"Ngizogcwalisa izifungo zami engizenze kuJehova" (14, 18)
Kuwukulahlekelwa okukhulu ukufa kwabaqotho (15)

117 Zonke izizwe ziyalwa ukuba zidumise uJehova
Uthando lukaNkulunkulu oluqotho lukhulu (2)

118 Ukubonga ngokunqoba kukaJehova
'Ngambiza uJah, wangiphendula' (5)
"UJehova ungakimi" (6, 7)
Itshe elenqatshwa lizoba yitshe legumbi eliyinhloko (22)
"Lowo oza ngegama likaJehova" (26)

119 Ukwazisa izwi likaNkulunkulu eliyigugu
'Intsha ingayigcina kanjani indlela yayo ihlanzekile?' (9)
"Ngiyazithanda izikhumbuzo zakho" (24)
"Ngithembele ezwini lakho" (74, 81, 114)
"Yeka indlela engiwuthanda ngayo umthetho wakho!" (97)
"Nginokuqonda kunabo bonke abangifundisayo" (99)

“Izwi lakho liyisibani esiqondisa izinyathelo zami” (105)
“Izwi lakho lilonke liyiqiniso” (160)
Ukuthula okuchichimayo kulabo abathanda umthetho kaNkulunkulu (165)

120 Ukulangazelela kwesifiki ukuthula
‘Ngikhulule olimini olukhohlisayo’ (2)
“Ngithanda ukuthula” (7)

121 UJehova uqapha abantu bakhe
“Usizo lwami luvela kuJehova” (2)
UJehova akalokothi alale (3, 4)

122 Umthandazo wokuba kube nokuthula eJerusalema
Injabulo yokuya endlini kaJehova (1)
Idolobha elinezakhiwo ezisondelene (3)

123 Ukufuna umusa kaJehova
‘Njengezinceku, sibheka kuJehova’ (2)
“Sesanele ukwedelelwa” (3)

124 “Ukube uJehova ubengenathi”
Ukuphunyuka esicuphweni esiphukile (7)
“Usizo lwethu lusegameni likaJehova” (8)

125 UJehova uvikela abantu bakhe
“Njengoba izintaba zizungeze iJerusalema” (2)
“Kwangathi kungaba nokuthula kwa-Israyeli” (5)

126 Ukubuyiselwa okujabulisayo kweZiyoni
“UJehova usenzele izinto ezinkulu” (3)
Ukukhala kuphenduka intokozo (5, 6)

127 Ngaphandle kukaNkulunkulu, yonke into iyize
“Ngaphandle kokuba uJehova eyakha indlu” (1)
Abantwana bayifa elivela kuNkulunkulu (3)

128 Injabulo ngokwesaba uJehova
Inkosikazi injengensimu yamagilebhisi ethelayo (3)
“UJehova uyokubusisa eseZiyoni” (5)

129 Bayahlaselwa kodwa abanqotshwa
Abazonda iZiyoni bayohlazeka (5)

130 “Ngiyakubiza lapho ngiphelelwe yithemba”
“Ukube ububheka amaphutha” (3)
UJehova uthethelela ngeqiniso (4)
“Ngimlinde ngokulangazela uJehova” (6)

131 Ukwaneliseka njengengane eyekiswe ibele
Ukungazifuneli izinto ezinkulu kakhulu (1)

132 Ukukhethwa kukaDavide neZiyoni
“Ungamlahli ogcotshiwe wakho” (10)
Abapristi baseZiyoni bembathiswe insindiso (16)

133 Ukuhlala ndawonye ngobunye
Njengamafutha ekhanda lika-Aroni (2)
Njengamazolo aseHermoni (3)

134 Ukudumisa uNkulunkulu ebusuku
“Phakamisani izandla zenu ngobungcwele” (2)

135 Dumisani uJah ngenxa yobukhulu bakhe
Izibonakaliso nezimangaliso ngokumelene neGibhithe (8, 9)
“Igama lakho lihlala kuze kube phakade” (13)
Izithixo ezingaphili (15-18)

136 Uthando lukaJehova oluqotho luhlala kuze kube phakade
Amazulu nomhlaba kwenziwe ngobuchule (5, 6)
UFaro wafela oLwandle Olubomvu (15)
UNkulunkulu ukhumbula ocindezelekile (23)
Ukudla kwayo yonke into ephilayo (25)

137 Ngasemifuleni yaseBhabhiloni
Azikho izingoma zaseZiyoni ezaculwa (3, 4)
IBhabhiloni lizocekelwa phansi (8)

138 Nakuba ephakeme, uNkulunkulu uyakhathalela
‘Waphendula umthandazo wami’ (3)
‘Ngisho noma ngisengozini, uyangikhulula’ (7)

139 UNkulunkulu uzazi kahle izinceku zakhe
Akukho ukubalekela umoya kaNkulunkulu (7)
“Ngenziwe ngendlela emangalisayo” (14)

‘Wangibona ngisewumbungu’ (16)
‘Ngihole ngendlela yaphakade’ (24)

140 UJehova unguMsindisi onamandla
Abantu ababi banjengezinyoka (3)
Abantu abanobudlova bazobulawa (11)

141 Umthandazo wokucela ukuvikelwa
“Kwangathi umthandazo wami ungaba njengempepho” (2)
Ukusola kolungile kunjengamafutha (5)
Ababi bawela emanetheni abo (10)

142 Umthandazo wokucela ukukhululwa kubashushisi
“Akukho lapho ngingabalekela khona” (4)
“Uwukuphela komuntu enginaye” (5)

143 Ukomela uNkulunkulu njengezwe elomile
‘Ngizindla ngemisebenzi yakho’ (5)
“Ngifundise ukwenza intando yakho” (10)
‘Kwangathi umoya wakhe omuhle ungangihola’ (10)

144 Umthandazo wokucela ukunqoba
“Uyini umuntu?” (3)
‘Kwangathi izitha zingahlakazeka’ (6)
Bayajabula abantu bakaJehova (15)

145 Dumisani uNkulunkulu, iNkosi enkulu
‘Ngizomemezela ngobukhulu bukaNkulunkulu’ (6)
“UJehova muhle kubo bonke” (9)
“Abantu bakho abaqotho bayokudumisa” (10)
Ubukhosi bukaNkulunkulu baphakade (13)
Isandla sikaNkulunkulu sanelisa yonke into (16)

146 Thembela kuNkulunkulu hhayi kubantu
Uma umuntu esefile, imicabango yakhe iyashabalala (4)
UNkulunkulu uvusa abakhotheme (8)

147 Ukudumisa uNkulunkulu ngenxa yothando nemisebenzi yamandla
Upholisa izinhliziyo ezaphukile (3)
Ubiza zonke izinkanyezi ngamagama (4)
Uletha iqhwa njengoboya (16)

148 Yonke indalo mayidumise uJehova
“Mdumiseni, nonke nina zingelosi zakhe” (2)
‘Mdumiseni, nina langa, nyanga nezinkanyezi’ (3)
Intsha nabadala mabadumise uNkulunkulu (12, 13)

149 Ingoma yokudumisa ngenxa yokunqoba kukaNkulunkulu
UNkulunkulu uyajabula ngabantu bakhe (4)
Ilungelo lingelabantu bakaNkulunkulu abaqotho (9)

150 Konke okuphilayo makudumise uJah
Haleluya! (1, 6)

---

## INCWADI YOKUQALA
## (AmaHubo 1-41)

**1** Uyajabula umuntu ongahambi ngeseluleko sababi,
Ongami endleleni yezoni,[a]
Ongahlali endaweni yabahleka usulu.[b]
2 Kodwa ojabula ngomthetho kaJehova,[c]
Ufunda umthetho waKhe ngezwi eliphansi* imini nobusuku.[d]
3 Uyoba njengesihlahla esitshalwe ngasemifudlaneni yamanzi,
Esithela isithelo saso ngenkathi yaso,
Amaqabunga aso awabuni.
Konke akwenzayo kuyophumelela.[a]
4 Ababi abanjalo;
Banjengamakhoba apheshulwa umoya.
5 Yingakho ababi bengeke baphunyuke esijezisweni;[b]

**1:2** *Noma, “Uzindla ngomthetho waKhe.”

ISAHL. 1
*a* IzA 4:14
*b* IzA 22:10
*c* Hu 19:7, Hu 40:8, Hu 112:1, Mat 5:3, Rom 7:22, Jak 1:25
*d* Jos 1:8, Hu 119:97, 1Ti 4:15

Uhla 2
*a* 1Kr 22:13, Jer 17:7, 8
*b* Mat 25:41

Nezoni ngeke zime lapho
kuhlangene khona abalungile.[a]
6 Ngoba uJehova uyayazi
indlela yabalungile,[b]
Kodwa indlela yababi iyoshabalala.[c]

2 Kungani izizwe zixokozela
Nabantu bevungazela* ngento engekho?[d]
2 Amakhosi omhlaba ayavukela
Nezikhulu eziphakeme zibuthene* ngobunye[e]
Ukuze bamelane noJehova
nogcotshiwe# wakhe.[f]
3 Bathi: "Masigqabule ozankosi babo
Silahle nezintambo zabo!"
4 Lowo ohlezi esihlalweni sobukhosi emazulwini uyohleka;
UJehova uyobahleka usulu.
5 Ngaleso sikhathi uyokhuluma nabo ethukuthele
Uyobethusa ngentukuthelo
yakhe evuthayo,
6 Athi: "Mina uqobo ngiyimisile inkosi yami[g]
EZiyoni,[h] intaba yami
engcwele."
7 Mangimemezele isinqumo
sikaJehova;
Uthe kimi: "Wena uyindodana yami;[i]
Namuhla ngikuzele.[j]
8 Cela kimi, ngizokunika izizwe zibe yifa lakho
Nemikhawulo yomhlaba ibe
ngeyakho.[k]
9 Uyoziphihliza ngentonga
yensimbi,[l]
Uziphahlaze zibe izicucu
njengokungathi isitsha
sobumba."[m]
10 Manje, nina makhosi, bonisani ukuqonda;
Bahluleli bomhlaba, kuvumeni ukuqondiswa.*
11 Khonzani uJehova ngokwesaba,
Nijabule ngokuthuthumela.
12 Hloniphani* indodana,[a]
ukuze uNkulunkulu angavuthi ngolaka
Bese nishabalala
endleleni,[b]
Ngoba intukuthelo yakhe
igqamuka ngokushesha.
Bayajabula bonke abaphephela kuye.

Ihubo likaDavide ngesikhathi ebalekela u-Absalomu[c] indodana yakhe.

3 O Jehova, kungani zibe
ziningi kangaka izitha
zami?[d]
Kungani bebaningi kangaka
abangivukelayo?[e]
2 Abaningi bathi ngami:*
"UNkulunkulu ngeke amsindise."[f] (*Sela*)#
3 Kodwa wena Jehova, uyihawu nxazonke zami,[g]
Uyinkazimulo yami,[h] uphakamisa ikhanda lami.[i]
4 Ngizommemeza uJehova,
Uzongiphendula esentabeni yakhe engcwele.[j] (*Sela*)
5 Ngizolala ngizumeke;
Ngizovuka ngiphephile,
Ngoba uJehova uyaqhubeka engisekela.[k]
6 Angiwesabi amashumi ezinkulungwane zabantu
Abavela nxazonke bezongihlasela.[l]
7 O Jehova, vuka!
Ngisindise,[m] Nkulunkulu
wami!
Ngoba uyozishaya emhlathini zonke izitha zami;
Uyowaphula amazinyo
ababi.[n]

ISAHL. 1
a Mal 3:18; Mat 13:49, 50
b Hu 37:18; Jer 12:3; 1Pe 3:12
c IzA 14:12

ISAHL. 2
d IzE 4:25-28
e Mat 27:1, 2; Luk 23:10, 11; IsA 19:19
f Hu 89:20; Isay 61:1
g Hu 45:6; Hez 21:27; Dan 7:13, 14; IsA 19:16
h 2Sa 5:7; IsA 14:1
i Mat 3:16, 17; Mar 1:9-11; Rom 1:4
j IzE 13:33; Heb 1:5; Heb 5:5
k Hu 72:8; Heb 1:2; IsA 11:15
l IsA 12:5; IsA 19:15
m Dan 2:44; IsA 2:26, 27

Uhla 2
a Flp 2:9-11
b Joh 3:36

ISAHL. 3
c 2Sa 15:14
d 2Sa 15:12; 2Sa 16:15
e 2Sa 12:11
f 2Sa 16:7, 8
g Gen 15:1
h Isay 45:25
i Hu 27:6
j 2Sa 15:25; Hu 2:6
k Hu 4:8; IzA 3:24
l 2Kh 6:15, 16; Hu 27:3; Rom 8:31
m 1Ti 4:10
n 2Th 1:6

2:1 *Noma, "bezindla." 2:2 *Noma, "zelulekana." #Noma, "noKristu wakhe."

2:10 *Noma, "xwayani." 2:12 *NgesiHebheru, "Qabulani." 3:2 *Noma, "ngomphefumulo wami." #Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

8 Insindiso ingekaJehova.[a]
Isibusiso sakho siphezu
kwabantu bakho. (*Sela*)

Kumqondisi; kufanele liculwe nezinsimbi zomculo ezinezintambo. Ihubo likaDavide.

4 Lapho ngikubiza, ngiphendule Nkulunkulu wami olungile.[b]
Ngenzele indlela yokuphunyuka* ekucindezelekeni kwami.
Ngibonise umusa uzwe umthandazo wami.
2 Nina madodana abantu, kuyoze kube nini ningihlambalaza?
Kuyoze kube nini nithanda izinto ezingasizi ngalutho, nifuna nezinto ezingamanga? (*Sela*)
3 Yazini ukuthi uJehova uyomphatha ngendlela ekhethekile* oqotho wakhe;
UJehova uyongizwa lapho ngimbiza.
4 Thukuthelani, kodwa ningoni.[c]
Khulumani ngenhliziyo phezu kombhede wenu, kodwa nithule. (*Sela*)
5 Nikelani imihlatshelo yokulunga,
Nithembele kuJehova.[d]
6 Kukhona abaningi abathi: "Ngubani oyosenzela okuhle?"
O Jehova, sibonise umusa.[e]
7 Ugcwalise inhliziyo yami ngenjabulo enkulu
Kuneyalabo abanensada yesivuno sokudla okusanhlamvu newayini elisha.
8 Ngiyocambalala ngilale ngokuthula,[f]
Ngoba wena wedwa, Jehova, ungenza ngihlale ngokulondeka.[a]

Kumqondisi weNehiloti.* Ihubo likaDavide.

5 O Jehova, lalela amazwi ami;[b]
Naka ukuquma kwami ngenxa yosizi.
2 Ngizwe lapho ngicela usizo kuwe,
Nkosi yami noNkulunkulu wami, ngoba ngithandaza kuwe.
3 O Jehova, ekuseni uyolizwa izwi lami;[c]
Ekuseni ngiyokutshela okungikhathazayo[d] bese ngilindela impendulo.
4 Ngoba awuyena uNkulunkulu ojabula ngobubi;[e]
Akekho noyedwa omubi ongahlala nawe.[f]
5 Akukho muntu oziqhayisayo ongama phambi kwakho.
Uyabazonda bonke abenza okubi;[g]
6 Uyobabhubhisa abakhuluma amanga.[h]
UJehova uyabenyanya abantu abanobudlova nabakhohlisayo.*[i]
7 Kodwa mina ngizongena endlini yakho[j] ngenxa yobukhulu bothando lwakho oluqotho;[k]
Ngizokhothama ngibheke ethempelini lakho elingcwele* ngenhlonipho.[l]
8 O Jehova, ngihole ngokulunga kwakho ngenxa yezitha zami;
Ngisize ngihambe endleleni yakho ngaphandle kwezithiyo.[m]
9 Ngoba akukho ezikushoyo okungathenjwa;

ISAHL. 3
a Hu 37:39, Isay 43:11, IsA 19:1

ISAHL. 4
b Hu 11:7
c Efe 4:26
d Hu 37:3, Hu 62:8, IzA 3:5, 1Pe 4:19
e Num 6:26, Hu 80:7, IzA 16:15, 1Pe 3:12
f Hu 3:5, IzA 3:24, 26

Uhla 2
a Lev 25:18

ISAHL. 5
b Hu 65:2, 1Pe 3:12
c Hu 55:16, 17
d Mar 1:35
e Hu 89:14, IzA 6:16-19, Hab 1:13
f Hu 15:1-5, IzA 12:19
g Rom 12:9, Heb 1:9
h IzA 20:19, Joh 8:44, Kol 3:9, IsA 21:8
i Gen 9:6, Hu 55:23, IzA 6:16, 17, 1Pe 3:10
j 1Sa 3:3, 1Kr 16:1
k Hu 69:13
l Hu 28:2, Hu 138:2
m Hu 25:4, 5, Hu 27:11

**4:1** *NgesiHebheru, "Ngenzele indawo ebanzi." **4:3** *Noma, "uyomenza ahluke; uyozihlukanisela yena."

**5:0** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **5:6** *Noma, "uyamenyanya umuntu ochitha igazi nokhohlisayo." **5:7** *Noma, "endlini yakho engcwele."

Izinhliziyo zazo zigcwele
ububi.
Umphimbo wazo uyingcwaba elivulekile;
Zilalisa ulimi.[a]
10 Kodwa uNkulunkulu uyozilahla ngecala;
Amacebo azo ayozilethela inhlekelele.[b]
Kwangathi zingaxoshwa ngenxa yezeqo zazo eziningi,
Ngoba zihlubukile kuwe.
11 Kodwa bonke abaphephela kuwe bayojabula;[c]
Bayohlale behalalisa ngenjabulo.
Uyovimba ukuba kungasondelwa kubo,
Labo abathanda igama lakho bayothokoza ngawe.
12 Ngoba wena Jehova, uyobusisa noma ubani olungile;
Uyombonisa umusa, umvikele njengokungathi ngehawu elikhulu.[d]

Kumqondisi; kufanele liculwe nezinsimbi zomculo ezinezintambo ngenothi leSheminiti.*
Ihubo likaDavide.

6 O Jehova, ungangisoli uthukuthele,
Ungangiyali ngolaka.[e]
2 O Jehova, ngibonise umusa* ngoba ngiphelelwa amandla.
Ngelaphe Jehova[f] ngoba amathambo ami ayaqhaqhazela.
3 Yebo, ngiphazamiseke* kakhulu,[g]
Jehova ngiyabuza—kuyoze kube nini ulindile?[h]
4 Buya Jehova ungikhulule;[i]
Ngisindise ngenxa yothando lwakho oluqotho.[j]
5 Ngoba ekufeni akukhulunywa nhlobo ngawe;*
Ngubani oyokudumisa eThuneni?#[a]
6 Ngikhathele ngenxa yokububula kwami;[b]
Ubusuku bonke ngimanzisa umbhede wami ngezinyembezi;
Usofa wami umanzi yizinyembezi zami.[c]
7 Ngikhathazekile ngenxa yazo zonke izinsizi zami;[d]
Amehlo ami awasaboni kahle* ngenxa yabo bonke abangihluphayo.
8 Sukani kimi, nina nonke enenza izinto ezimbi,
Ngoba uJehova uzowuzwa umsindo wokukhala kwami.[e]
9 UJehova uzosizwa isicelo sami sokuboniswa umusa;[f]
UJehova uzowuphendula umthandazo wami.
10 Zonke izitha zami ziyohlazeka zesabe;
Ziyophindela emuva zihlazekile.[g]

Ingoma yokulila kaDavide ayihlabelelela uJehova ngokuphathelene namazwi kaKushe umBhenjamini.

7 O Jehova Nkulunkulu wami, ngiphephele kuwe.[h]
Ngisindise kubo bonke abangishushisayo ungikhulule.[i]
2 Ngale kwalokho bazongidwengula njengoba kwenza ibhubesi,[j]
Bahambe nami kungekho muntu ozongikhulula.
3 O Jehova Nkulunkulu wami, uma nginephutha kulokhu,

ISAHL. 5
a IzA 29:5; Rom 3:13
b 2Sa 15:31; 2Sa 17:23; Hu 7:14, 15
c Hu 40:16
d Gen 15:1; Hu 3:3

ISAHL. 6
e Hu 38:1; Jer 10:24
f Hu 41:4; Hu 103:2, 3
g Mat 26:38, 39
h Hu 13:1, 2
i Hu 50:15
j Hu 119:88; IsiL 3:22

Uhla 2
a Hu 30:9; Hu 115:17; Shu 9:5, 10
b Hu 69:3
c Hu 39:12
d Hu 31:9
e Hu 3:4; Hu 145:18, 19; Heb 5:7
f Hu 31:22; Hu 40:1; Jon 2:2
g Hu 40:14; Jer 20:11

ISAHL. 7
h Hu 18:2; IzA 18:10
i Jer 15:15; 2Ko 4:9; 2Pe 2:9
j Hu 10:9

**6:0** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **6:2** *Noma, "isihe." **6:3** *Noma, "umphefumulo wami uphazamiseke."

**6:5** *Noma, "awukhunjulwa." #Noma, "eShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **6:7** *Noma, "asenqundekile."

Uma ngenze ngokungena-
bulungisa,
4 Uma ngimonile umuntu
ongenzela okuhle,[a]
Noma uma ngiphange isi-
tha sami ngaphandle
kwesizathu,*
5 Khona-ke isitha masingija-
he singifice;
Masikunyathele phansi
emhlabathini ukuphila
kwami
Sibangele isithunzi sami
ukuba sishabalale othu-
lini. (*Sela*)
6 O Jehova, vuka ngentuku-
thelo yakho;
Melana nolaka lwezitha
zami;[b]
Vuka ungisize, yala ukuba
kwenziwe ubulungisa.[c]
7 Izizwe mazikuhaqe;
Uyothatha isinyathelo ngo-
kumelene nazo usenda-
weni ephakeme.
8 UJehova uyozigweba
izizwe.[d]
O Jehova, ngahlulele ngo-
kokulunga kwami
Nangokobuqotho bami.[e]
9 Ngicela ukuqede ukonakala
kwababi.
Kodwa ummise aqine olu-
ngile,[f]
Ngoba unguNkulunkulu
olungile[g] ohlola izinhlizi-
yo[h] nemizwa ejulile.*[i]
10 UNkulunkulu uyihawu
lami,[j] uMsindisi wabaqo-
tho enhliziyweni.[k]
11 UNkulunkulu unguMahlule-
li olungile,[l]
UNkulunkulu ukhipha iza-
hlulelo zakhe* nsuku
zonke.

12 Uma kukhona ongaphendu-
ki,[a] uNkulunkulu ulola
inkemba yakhe;[b]
Ugobisa umnsalo wakhe
awulungiselele.[c]
13 Ulungisa izikhali zakhe ezi-
yingozi;
Ulungisa imicibisholo ya-
khe evuthayo.[d]
14 Mbheke lowo okhulelwe
ububi;
Ukhulelwe izinto ezikha-
thazayo, uzala amanga.[e]
15 Ugubha umgodi, uwumba
ujule,
Kodwa uwela kuwo kanye
lowo mgodi awumbile.[f]
16 Izinkathazo azibangelayo
ziyobuyela ekhanda
lakhe;[g]
Ubudlova bakhe buyokwe-
hlela okhakhayini lwakhe.
17 Ngizomdumisa uJehova
ngenxa yobulungisa
bakhe;[h]
Ngizolihlabelelela* igama li-
kaJehova[i] oPhezukonke.[j]

Kumqondisi; ngeGititi.*
Ihubo likaDavide.

**8** O Jehova Nkosi yethu,
yeka ukuthi igama lakho
libabazeka kangakanani
emhlabeni wonke;
Inkazimulo yakho uyenze
yaphakama
kunamazulu!*[k]
2 Ubangele ukuba emlonyeni
wezingane nezinsana[l] ku-
phume amandla
Ngenxa yezitha zakho,
Ukuze uthulise isitha no-
phindiselayo.
3 Lapho ngibona amazulu
akho, imisebenzi yeza-
ndla zakho,*

ISAHL. 7
a IzA 17:13
b Hu 3:7
Hu 35:1
c Hu 103:6
d Gen 18:25
Hu 9:7, 8
e Hu 18:20
Hu 26:11
Hu 41:12
f Hu 37:25
g Dut 32:4
IsA 15:3
h 1Sa 16:7
i 1Kr 28:9
Jer 17:10
IsA 2:23
j Gen 15:1
IzA 30:5
k IzA 2:21
l Gen 18:25
Hu 9:4
Hu 98:9

Uhla 2
a Isay 55:7
b Dut 32:41
c Dut 32:21, 23
d Dut 32:42
e Jak 1:15
f Est 7:10
Hu 10:2
Hu 35:7, 8
Hu 57:6
IzA 26:27
g Est 9:24, 25
h Hu 35:28
i Isay 25:1
Heb 13:15
IsA 15:4
j Dan 4:17

ISAHL. 8
k 1Kh 8:27
Hu 104:1
Hu 148:13
l Mat 21:16
Luk 10:21
1Ko 1:27

**7:4** *Noma kungaba, "Kuyilapho ngimsindisile lowo ongiphikisa ngaphandle kwesizathu." **7:9** *Noma, "ovivinya izinhliziyo nezinso." **7:11** *Noma, "ukhipha amazwi okulahla."

**7:17** *Noma, "Ngizoliculela ngidlale nezinsimbi." **8:0** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **8:1** *Noma kungaba, "Wena onkazimulo yakho kukhulunywa ngayo ngaphezu kwamazulu." **8:3** *NgesiHebheru, "yeminwe yakho."

Inyanga nezinkanyezi okudalile,[a]
4 Uyini umuntu ofayo ukuba umkhumbule,
Nendodana yomuntu ukuba uyinakekele?[b]
5 Wamenza waba ngaphansana kwezingelosi,*
Wamthwesa umqhele wenkazimulo nobukhazikhazi.
6 Wamenza wabusa phezu kwemisebenzi yezandla zakho;[c]
Konke ukubeke ngaphansi kwezinyawo zakhe:
7 Yonke imihlambi yezimvu nezinkomo,
Nezilwane zasendle,[d]
8 Izinyoni zamazulu nezinhlanzi zolwandle,
Nanoma yini ehamba olwandle.
9 O Jehova Nkosi yethu, yeka ukuthi igama lakho libabazeka kangakanani emhlabeni wonke!

Kumqondisi; ngenothi leMuthi-labheni.* Ihubo likaDavide.

א [*Aleph*]

9 O Jehova, ngizokudumisa ngayo yonke inhliziyo yami;
Ngizokhuluma ngayo yonke imisebenzi yakho emangalisayo.[e]
2 Ngizojabula ngethabe ngawe;
O wena oPhezukonke, ngizolihubela igama lakho.[f]

ב [*Beth*]

3 Lapho izitha zami zibaleka,[g]
Zizokhubeka zishabalale phambi kwakho.
4 Ngoba ungenzele ubulungisa wangimela;
Wahlulela ngokulunga uhlezi esihlalweni sakho sobukhosi.[a]

ג [*Gimel*]

5 Uzikhuzile izizwe,[b] wabhubhisa ababi,
Walesula phakade naphakade igama labo.
6 Isitha sibhuqwe phakade;
Amadolobha aso uwasiphulile,
Ngeke siphinde sikhunjulwe.[c]

ה [*He*]

7 Kodwa uJehova uhleli esihlalweni sakhe sobukhosi kuze kube phakade;[d]
Usimise saqina isihlalo sakhe sobukhosi ngenjongo yobulungisa.[e]
8 Uyokwahlulela umhlaba* ngokulunga;[f]
Uyokwahlulela izizwe ngokulunga.[g]

ו [*Waw*]

9 UJehova uyoba yindawo yokuphephela* elondekile kocindezelwe,[h]
Indawo yokuphephela elondekile ngezikhathi zokucindezeleka.[i]
10 Labo abalaziyo igama lakho bayothembela kuwe;[j]
Awusoze wabashiya labo abakufunayo, Jehova.[k]

ז [*Zayin*]

11 Hubelani uJehova, ohlala eZiyoni;
Khulumani ngezenzo zakhe phakathi kwezizwe.[l]
12 Uyobakhumbula abahluphekile aphindiselele igazi labo;[m]
Ngeke akukhohlwe ukukhalela kwabo usizo.[n]

**ISAHL. 8**
*a* Hu 19:1; Hu 104:19; Isay 40:26; Rom 1:20
*b* Gen 1:29; Gen 9:3; Hu 144:3; Mat 6:25, 30; Joh 3:16; IzE 14:17; Heb 2:6-8
*c* Gen 1:26; Gen 9:1, 2
*d* Gen 1:28; Gen 9:3

**ISAHL. 9**
*e* 1Kr 16:12; 1Kr 29:11; IsA 4:11
*f* Hu 28:7
*g* Hu 56:9

**Uhla 2**
*a* Hu 89:14; 1Pe 2:23
*b* Dut 9:4
*c* Dut 25:19
*d* Hu 90:2; 1Ti 1:17
*e* Rom 14:10; IsA 20:11
*f* Gen 18:25; Hu 85:11; Isay 26:9
*g* Hu 96:13; Hu 98:9; IzE 17:31
*h* Hu 91:2
*i* Hu 46:1; Hu 54:7
*j* Hu 91:14; IzA 18:10; Jer 16:21
*k* 2Kr 20:12; Hu 25:15; 2Ko 1:10
*l* Hu 96:10; Hu 107:19, 22; Isay 12:3, 4
*m* Gen 4:9, 10; Gen 9:5; Dut 32:43; 2Kh 9:24, 26; 2Kh 24:3, 4; Luk 11:49-51
*n* Eks 3:7; Hu 72:13, 14; Luk 18:7

**8:5** *Noma, "kunabanjengonkulunkulu."
**9:0** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.
**9:8** *Noma, "izwe elikhiqizayo." **9:9** *Noma, "ephakeme."

ח [*Heth*]

13 O Jehova, ngibonise umusa; bona ukuhlupheka kwami okubangelwa yilabo abangizondayo,
O wena ongikhuphula emasangweni okufa,[a]

14 Ukuze ngimemezele izenzo zakho ezifanelekela ukudunyiswa emasangweni endodakazi yaseZiyoni,[b]
Ngijabule ngensindiso yakho.[c]

ט [*Teth*]

15 Izizwe zishone phansi emgodini eziwumbile;
Unyawo lwazo lubanjwe enethini ezilifihlile.[d]

16 UJehova waziwa ngesahlulelo asikhiphayo.[e]
Omubi ubanjwe izenzo zakhe.[f]
Higayoni.* (*Sela*)

י [*Yod*]

17 Ababi bazoya eThuneni,*
Zonke izizwe ezimkhohlwayo uNkulunkulu.

18 Kodwa abampofu ngeke balibaleke njalo;[g]
Nethemba labamnene ngeke lishabalale.[h]

כ [*Kaph*]

19 O Jehova, vuka! Ungamvumeli umuntu ofayo anqobe.
Izizwe mazahlulelwe phambi kwakho.[i]

20 O Jehova, zifake ukwesaba,[j]
Izizwe mazazi ukuthi zingabantukazana nje. (*Sela*)

ל [*Lamed*]

**10** O Jehova, kungani umele kude?
Kungani uzifihla ngezikhathi zokucindezeleka?[k]

2 Ngokuqhosha kwakhe, omubi ujaha ohluphekile,[a]
Kodwa uyobanjwa amacebo akhe.[b]

3 Ngoba omubi uqhosha ngezifiso zakhe zobugovu[c]
Ubusisa umuntu ohahayo;*

נ [*Nun*]

Udelela uJehova.

4 Ngokuqhosha kwakhe, omubi akalwenzi uphenyo;
Engqondweni yakhe uthi: "Akekho uNkulunkulu."[d]

5 Izindlela zakhe zihlale ziphumelela,[e]
Kodwa akaziqondi izahlulelo zakho;[f]
Uzenza inhlekisa* zonke izitha zakhe.

6 Uthi enhliziyweni yakhe: "Ngeke nanini ngintengantengiswe;*
Ngeke neze ngiyibone inhlekelele
Izizukulwane ngezizukulwane."[g]

פ [*Pe*]

7 Umlomo wakhe ugcwele iziqalekiso, amanga nezinsongo;[h]
Ulimi lwakhe lukhuluma amazwi alimazayo nabangela izinkinga.[i]

8 Ucasha eduze kwemizi, elindele ukuhlasela;
Uphuma endaweni abecashe kuyo abulale umuntu ongenacala.[j]

ע [*Ayin*]

Amehlo akhe alinde isisulu.[k]

9 Ucuthe endaweni efihlekile njengebhubesi ehlathini.*[l]

**ISAHL. 9**

*a* Hu 30:3; Isay 38:9, 10; IsA 1:17, 18
*b* Jer 17:19, 20
*c* Hu 13:5; Hu 20:5
*d* Dut 32:35; IzA 5:22
*e* Eks 14:4; Jos 2:10; 2Kh 19:19
*f* IzA 26:27; Isay 3:11
*g* Hu 12:5; Hu 72:4
*h* Hu 10:17; Mat 5:5
*i* Gen 18:25; Hu 82:8
*j* Eks 15:16; Eks 23:27

**ISAHL. 10**

*k* Hu 13:1; Hu 22:1; Jer 14:8

**Uhla 2**

*a* Eks 14:17
*b* Hu 7:14, 16; Hu 37:7; IzA 5:22; IzA 26:27
*c* Eks 15:9; Hos 12:8
*d* Hu 14:1, 2; Hu 53:1; Zef 1:12
*e* Hu 37:35
*f* Isay 26:11; Hos 14:9
*g* IzA 14:16; Shu 8:11
*h* Rom 3:14
*i* Hu 7:14; Hu 12:2; Hu 55:21
*j* IzA 1:10, 11
*k* Hu 17:9, 11
*l* Job 38:39, 40; Hu 17:12; Hu 59:3

---

**9:16** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **9:17** *Noma, "eShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**10:3** *Noma kungaba, "Ohahayo uyazibusisa." **10:5** *Noma, "Uyazikhukhumeza kuzo." **10:6** *Noma, "ngizanyazanyiswe." **10:9** *Noma, "emphandwini walo."

Ulinde ukubamba ohluphekile.
Ubamba ohluphekile lapho edonsa inethi lakhe.[a]
10 Isisulu sidangele, sikhotheme sisosizini;
Ohluphekile uwela ezandleni zakhe.*
11 Uthi enhliziyweni yakhe: "UNkulunkulu usekhohliwe.[b]
Ufulathelise ubuso bakhe.
Akwenzeki anake."[c]

ק [*Qoph*]

12 O Jehova, vuka.[d] O Nkulunkulu, phakamisa isandla sakho.[e]
Ungabakhohlwa abahluphekile.[f]
13 Kungani omubi edelele uNkulunkulu?
Uthi enhliziyweni yakhe: "Ngeke ungenze lutho."

ר [*Resh*]

14 Kodwa wena uyayibona inkathazo nosizi.
Uyabuka bese uthatha isinyathelo.[g]
Isisulu siphendukela kuwe;[h]
Ungumsizi wentandane.*[i]

ש [*Shin*]

15 Phula ingalo yomubi nokhohlakele,[j]
Ukuze kuthi lapho uhlola ububi bakhe,
Ungabutholi.
16 UJehova uyiNkosi kuze kube phakade naphakade.[k]
Izizwe zishabalele emhlabeni.[l]

ת [*Taw*]

17 Kodwa wena Jehova uyosizwa isicelo sabamnene.[m]
Uyoqinisa izinhliziyo[n] zabo ubanake.[o]
18 Uyoyenzela ubulungisa intandane nalabo abadangele,[a]
Ukuze umuntu ofayo wasemhlabeni angaphinde abesabise.[b]

Kumqondisi. ElikaDavide.

11 Ngiphephele kuJehova.[c]
Ningasho kanjani ukuthi kimi:
"Balekela entabeni njengenyoni!
2 Bheka indlela ababi abagobisa ngayo umnsalo;
Bafaka umcibisholo entanjeni yomnsalo,
Ukuze bacibishele labo abaqotho enhliziyweni besebumnyameni.
3 Lapho izisekelo* zibhidliziwe,
Yini umuntu olungile angayenza?"
4 UJehova usethempelini lakhe elingcwele.[d]
Isihlalo sikaJehova sobukhosi sisemazulwini.[e]
Amehlo akhe ayabona, amehlo akhe aqaphelayo* ahlola abantwana babantu.[f]
5 UJehova uhlola olungile kanye nomubi;[g]
Uyamzonda umuntu othanda ubudlova.[h]
6 Uyobekela ababi izicupho;*
Uyobajezisa ngomlilo nesibabule[i] nangomoya oshisayo.
7 Ngoba uJehova ulungile;[j] uyazithanda izenzo zokulunga.[k]
Abaqotho uyobabonisa umusa.*[l]

ISAHL. 10
a Hu 140:5; Jer 5:26
b Shu 8:11
c Hu 73:3, 11; Hu 94:3, 7; Hez 8:12; Hez 9:9
d Hu 3:7
e Mik 5:9
f Hu 9:12; Hu 35:10
g 2Kh 9:26; 2Kr 6:23
h 1Pe 4:19
i Dut 10:17, 18; Hu 146:9; Heb 13:6
j Job 38:15
k Eks 15:18; Hu 145:13; Jer 10:10; Dan 4:34; 1Ti 1:17
l Hu 9:5; Hu 44:2
m Hu 9:18
n 1Kr 29:18, 19
o IzA 15:8; 1Pe 3:12

Uhla 2
a Hu 72:4
b Isay 51:12

ISAHL. 11
c 2Kr 14:11; Hu 7:1; Hu 56:11
d Mik 1:2; Hab 2:20
e 2Kr 20:6; Hu 103:19; IsA 4:2, 3
f 2Kr 16:9; IzA 15:3; Zak 4:10; Heb 4:13
g Gen 6:5; Gen 7:1
h IzA 3:31; IzA 6:16, 17
i Gen 19:24; Hez 38:22
j Dut 32:4
k Hu 146:8
l Job 36:7; Hu 34:15; 1Pe 3:12

**10:10** *Noma, "emaziphweni akhe aqinile." **10:14** *Noma, "wengane engenababa."

**11:3** *Noma, "izisekelo zobulungisa." **11:4** *Noma, "akhanyayo." **11:6** *Noma kungaba, "amalahle avuthayo." **11:7** *Noma, "bayobona ubuso bakhe."

Kumqondisi; ngenothi leSheminiti.*
Ihubo likaDavide.

12 O Jehova, ngisindise,
ngoba akusekho muntu
oqotho;
Abantu abathembekile se-
beshabalele.
2 Abantu bayakhohlisana;
Balalisa ulimi* bekhuluma
ngenhliziyo
ekhohlisayo.#[a]
3 UJehova uyozinquma
zonke izindebe ezikhohli-
sayo
Nolimi oluqhoshayo,[b]
4 Labo abathi: "Sizonqoba
ngolimi lwethu.
Sikhuluma esikuthandayo
ngezindebe zethu;
Ubani ozoba yinkosi ye-
thu?"[c]
5 "Ngenxa yokuthi abahlu-
phekile bayacindezelwa,
Ngenxa yokububula kwaba-
mpofu,[d]
Ngizothatha isinyathelo,"
kusho uJehova.
"Ngizobakhulula kulabo
ababababukela phansi."*
6 Amazwi kaJehova ahlanze-
kile;[e]
Anjengesiliva elicwengwe
esithandweni esisemhla-
bathini,* elihlanzwe kasi-
khombisa.
7 O Jehova, wena uyobaqa-
pha;[f]
Uyovikela ngamunye
kubo, kusukela kulesi si-
zukulwane kuze kube
phakade.
8 Ababi bahamba ngokukhu-
luleka
Ngoba abantwana babantu
bavumela inkohlakalo.[a]

Kumqondisi. Ihubo likaDavide.

13 O Jehova, uyongikho-
hlwa kuze kube nini?
Kuze kube phakade?
Kuyoze kube nini ungifihle-
le ubuso bakho?[b]
2 Kuyoze kube nini ngikha-
thazekile,
Nginosizi enhliziyweni
yami usuku nosuku?
Kuyoze kube nini isitha si-
nginqoba?[c]
3 Ngibheke ungiphendule, O
Jehova Nkulunkulu wami.
Phinde ungiphe amandla*
ukuze ngingafi,
4 Ukuze isitha sami singathi:
"Ngimnqobile!"
Ungabavumeli abaphikisa-
na nami bajabule ngoku-
wa kwami.[d]
5 Kepha mina, ngithembele
othandweni lwakho olu-
qotho;[e]
Inhliziyo yami iyojabula la-
pho ungikhulula.[f]
6 Ngizomhlabelelela uJeho-
va, ngoba ungivuze ngo-
kucebile.*[g]

Kumqondisi. ElikaDavide.

14 Isiwula* sithi enhliziywe-
ni yaso:
"Akekho uJehova."[h]
Izenzo zabo zonakele,
imisebenzi yabo iyenya-
nyeka;
Akekho owenza okuhle.[i]
2 Kodwa uJehova ubheka
phansi kubantwana baba-
ntu esezulwini
Ukuze abone ukuthi ukho-
na yini onokuqonda, uku-
thi ukhona yini ofuna
uJehova.[j]

**ISAHL. 12**
*a* Hu 28:3
*b* Eks 15:9, 10; 1Sa 2:3; Hez 28:2
*c* Hu 10:5
*d* Eks 3:7
*e* 2Sa 22:31; Hu 19:8
*f* 1Sa 2:9

**Uhla 2**
*a* Shu 8:11

**ISAHL. 13**
*b* Job 13:24; Hu 6:3; Hu 22:2
*c* Hu 22:7, 8
*d* Hu 25:2; Hu 35:19
*e* Hu 52:8; Hu 147:11; 1Pe 5:6, 7
*f* 1Sa 2:1
*g* Hu 116:7; Hu 119:17

**ISAHL. 14**
*h* Hu 10:4; Isay 29:16
*i* Hu 53; Rom 3:10-12
*j* 2Kr 16:9; Hu 33:13-15; Heb 11:6

**12:0** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **12:2** *NgesiHebheru, "Bakhuluma ngodebe olubushelelezi." #NgesiHebheru, "ngenhliziyo embaxa-mbili." **12:5** *Noma, "abazikhukhumezayo." **12:6** *Noma kungaba, "esithandweni sokuncibilikisa esisemhlabathini."

**13:3** *NgesiHebheru, "Yenza amehlo ami akhanye." **13:6** *Noma, "ungibusisile." **14:1** *Noma, "Ongenangqondo."

3 Bonke baphambukile;[a]
Bonke bonakele ngokufanayo.
Akekho owenza okuhle,
Akekho ngisho noyedwa.
4 Akekho yini kwabenza okubi oqondayo?
Bashwabadela abantu bami njengokungathi badla isinkwa.
Abambizi uJehova.
5 Kodwa bayokwesaba kakhulu,[b]
Ngoba uJehova unesizukulwane sabalungile.
6 Nina abenza okubi nizama ukubhuntshisa amacebo ohluphekile,
Kodwa uJehova uyisiphephelo sakhe.[c]
7 O kwangathi insindiso ka-Israyeli ingavela eZiyoni![d]
Lapho uJehova eqoqa abantu bakhe abathunjiwe ebabuyisa,
Makajabule uJakobe, makathokoze u-Israyeli.

Ihubo likaDavide.

15 O Jehova, ngubani ongaba yisimenywa etendeni lakho?
Ngubani ongahlala entabeni yakho engcwele?[e]
2 Yilowo ohamba ngobuqotho,*[f]
Owenza okulungile[g]
Nokhuluma iqiniso enhliziyweni yakhe.[h]
3 Akanyundeli ngolimi lwakhe,[i]
Akenzi lutho olubi kumakhelwane wakhe,[j]
Akakhulumi kabi* ngabangani bakhe.[k]
4 Noma ngubani onengekayo uyamala,[l]
Kodwa labo abesaba uJehova uyabadumisa.
Akasephuli isithembiso* sakhe, ngisho noma sizomlimaza.[a]
5 Akabolekisi ngemali yakhe ukuze ibuye nenzalo,[b]
Akasithathi isifumbathiso ukuze alahle omsulwa.[c]
Noma ubani owenza lezi zinto akasoze antengantengiswa.*[d]

Imikthamu* likaDavide.

16 O Nkulunkulu, ngivikele ngoba ngiphephele kuwe.[e]
2 Ngithe kuJehova: "Wena unguJehova, uMthombo wami wazo zonke izinto ezinhle.
3 Abangcwele abasemhlabeni,
Abakhulu ngokubabazekayo, bangilethela injabulo enkulu."[f]
4 Labo abalandela abanye onkulunkulu bazandisela izinsizi.[g]
Ngeke nanini ngibanikelele iminikelo ephuzwayo eyigazi,
Ngeke ngiwaphathe nakuwaphatha amagama abo ngezindebe zami.[h]
5 UJehova unginika konke enginako*[i] nendebe engiyiphuzayo.[j]
Wena uqapha ifa lami.
6 Nginikezwe izindawo ezinhle.
Ngempela, nganelisekile ngefa lami.[k]
7 Ngizomdumisa uJehova, onginike iseluleko.[l]
Ngisho naphakathi nobusu-

15:2 *Noma, "ngokungenaphutha." 15:3 *Noma, "Akabahlazisi."

15:4 *NgesiHebheru, "isifungo." 15:5 *Noma, "azanyazanyiswa." 16:0 *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. 16:5 *Noma, "uyisabelo sami."

ISAHL. 14
a Shu 7:29
b Eks 15:16
c Hu 9:9; Hu 142:5
d Rom 11:26, 27

ISAHL. 15
e Hu 2:6; Hu 24:3, 4
f Hu 1:1
g Isay 33:15, 16; IzE 10:34, 35
h IzA 3:32; Efe 4:25
i Lev 19:16; Hu 101:5; IzA 20:19
j IzA 14:21; Rom 12:17
k Eks 23:1
l Est 3:2

Uhla 2
a Jos 9:18-20; Hlu 11:34, 35; Hu 50:14; Mat 5:33
b Eks 22:25
c Eks 23:8
d Hu 16:7, 8; IzA 12:3; 2Pe 1:10

ISAHL. 16
e Hu 25:20
f Hu 119:63
g Dut 8:19; Hu 97:7; Jon 2:8
h Eks 23:13; Jos 23:6, 7
i Hu 73:26
j Hu 23:5
k Hu 78:55
l Isay 48:17

ku, imicabango yami ejulile* iyangiqondisa.[a]
8 Ngimgcina ephambi kwami njalo uJehova.[b]
Ngoba ungakwesokudla sami, ngeke nginyakaziswe.*[c]
9 Ngakho inhliziyo yami iyathokoza, ngijabule kakhulu.*
Ngihlezi ngokulondeka.
10 Ngoba ngeke ungishiye* eThuneni.#[d]
Ngeke umvumele oqotho wakho abone igodi.△[e]
11 Ungenza ngiyazi indlela yokuphila.[f]
Ngichichima injabulo uma ungibheka ngomusa;[g]
Ukuba ngasesandleni sakho sokudla kuletha injabulo* kuze kube phakade.

Umthandazo kaDavide.

17 Yizwa isicelo sami sobulungisa, Jehova;
Naka ukukhalela kwami usizo;
Lalela umthandazo wami ongenayo inkohliso.[h]
2 Kwangathi ungangahlulela ngobulungisa;[i]
Kwangathi amehlo akho angabona okulungile.
3 Uyihlolile inhliziyo yami, ungihlolile ebusuku;[j]
Ungicwengile;[k]
Uzolokhu uthola ukuthi angizange ngicebe amacebo amabi,
Nomlomo wami awuzange wone.
4 Ngokungefani nokwenziwa abanye,
Ngiyazigwema izindlela zomphangi, ngokuvumelana namazwi ezindebe zakho.[a]
5 Izinyawo zami mazihambe ezindleleni zakho
Ukuze zingakhubeki.[b]
6 Ngiyakubiza, ngoba uzongiphendula,[c] Nkulunkulu.
Ngicela ungilalele.* Yizwa amazwi ami.[d]
7 Bonisa uthando lwakho oluqotho ngendlela emangalisayo,[e]
Msindisi walabo abafuna isiphephelo esandleni sakho esinamandla*
Kulabo abakuvukelayo.
8 Ngiqaphe njengenhlamvu yeso lakho;[f]
Ngifihle ngaphansi kwamaphiko akho.[g]
9 Ngiqaphe kwababi abangihlaselayo,
Ezitheni zami ezingizungezile ezifuna ukungibulala.[h]
10 Azisenalo uzwela;*
Ziyaqhosha ngomlomo wazo;
11 Manje sezisihaqile;[i]
Zilindele ithuba lokusiwisa.*
12 Omubi ufana nebhubesi elilangazelela ukudwengula isisulu,
Njengebhubesi eliselincane elilungele ukuhlasela.
13 O Jehova, vuka, ukuze ubhekane naye[j] umnqobe;
Ngikhulule* kumuntu omubi ngenkemba yakho;

16:7 *Noma, "imizwa yami ejulile." NgesiHebheru, "izinso zami." 16:8 *Noma, "ngintengantengiswe." 16:9 *NgesiHebheru, "inkazimulo yami ijabule." 16:10 *Noma, "uwushiye umphefumulo wami." #Noma, "eShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. △Noma kungaba, "abole." 16:11 *Noma, "intokozo."

17:6 *Noma, "Thambekisela indlebe yakho kimi." 17:7 *NgesiHebheru, "sokudla." 17:10 *NgesiHebheru, "Ziziha-qe ngamanoni azo." 17:11 *Noma, "lokusilahla phansi emhlabathini." 17:13 *Noma, "Khulula umphefumulo wami."

ISAHL. 16
a Hu 17:3, Hu 26:2
b Hu 139:17, 18
c Hu 73:23, IzE 2:25-28
d Hu 49:15, IzE 2:31, IzE 3:15, IsA 1:17, 18
e Job 14:13, 14, IzE 13:34-37
f IzA 12:28
g Hu 21:6, Mat 5:8

ISAHL. 17
h Hu 145:18
i Hu 37:5, 6
j Hu 11:5, Hu 16:7, 1Ko 4:4
k Hu 26:2, Mal 3:3, 1Pe 1:6, 7

Uhla 2
a Hu 119:9
b Hu 18:36, Hu 94:18, Hu 119:133, Hu 121:3
c Hu 55:16
d Isay 37:17
e Hu 31:21, IsiL 3:22
f Dut 32:9, 10, Zak 2:8
g Rut 2:12, Hu 36:7, Hu 57:1
h 1Sa 24:11, Hu 35:4
i 1Sa 23:26
j Hu 7:6

14 Ngikhulule ngesandla sakho, Jehova,
Kubantu baleli zwe,* abakhathazeka ngezinto zalokhu kuphila,[a]
Labo obagcwalisa ngezinto ezinhle ezivela kuwe,[b]
Abashiyela amadodana abo amaningi ifa.
15 Kodwa mina ngenza okulungile, ngenxa yalokho ungibonisa umusa;
Ukwazi ukuthi unami kuyanganelisa.*[c]

Kumqondisi. ElikaDavide inceku kaJehova, owahlabelelela uJehova le ngoma ngosuku uJehova amkhulula ngalo kuzo zonke izitha zakhe nakuSawule. Wathi:[d]

18 O Jehova mandla ami, ngiyakuthanda.[e]
2 UJehova uyidwala lami nesiphephelo sami noMkhululi wami.[f]
UNkulunkulu wami uyidwala lami,[g] ngiphephela kuye,
Ihawu lami nophondo* lwami lwensindiso,# indawo yami elondekile.△[h]
3 Ngibiza uJehova, ofanelwe ukudunyiswa,
Ngizosindiswa ezitheni zami.[i]
4 Izintambo zokufa zangizungeza;[j]
Izikhukhula ezisheshayo zabantu abangelusizo lwalutho zangesabisa.[k]
5 Izintambo zeThuna* zangizungeza;
Izicupho zokufa zabhekana nami.[l]
6 Ngambiza uJehova lapho ngicindezelekile,
Ngangilokhu ngikhalela usizo kuNkulunkulu wami.
Walizwa izwi lami esethempelini lakhe,[a]
Wakuzwa ukukhalela kwami usizo.[b]
7 Khona-ke umhlaba waqala ukunyakaza nokuzamazama;[c]
Izisekelo zezintaba zandindizela,
Zanyakaza ziya emuva naphambili ngoba wayethukuthelisiwe.[d]
8 Kwaphuma intuthu emakhaleni akhe,
Kwaphuma nomlilo oqothulayo emlonyeni wakhe;[e]
Kwaphuma amalahle avuthayo kuye.
9 Wagoba amazulu njengoba ehla.[f]
Ifu elimnyama lalingaphansi kwezinyawo zakhe.[g]
10 Weza endiza egibele ikherubi.[h]
Weza etshuza ephezu kwamaphiko esidalwa somoya.*[i]
11 Wabe esezifihla ngobumnyama,[j]
Wazizungeza ngabo njengetende,
Amanzi amnyama namafu awugqinsi.[k]
12 Ekukhanyeni okukhulu okwakuphambi kwakhe,
Kwehla isichotho namalahle avuthayo evela emafwini.
13 UJehova waqala ukuduma esemazulwini;[l]
OPhezukonke wenza izwi lakhe lezwakala,[m]
Ngesichotho nangamalahle avuthayo.

---

17:14 *Noma, "bakulesi simiso sezinto." 17:15 *Noma, "Kuyanganelisa ukubona isimo sakho." 18:2 *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. #Noma, "nomsindisi wami onamandla." △Noma, "ephakeme elondekile." 18:5 *Noma, "zeShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

18:10 *NgesiHebheru, "kwamaphiko omoya."

ISAHL. 17
a Hu 73:12
b Mat 5:45
c Hu 65:4

ISAHL. 18
d 2Sa 22:1
e Hu 18:32; Isay 12:2
f Hu 3:3; Hu 37:39, 40; Hu 40:17
g Dut 32:4
h Gen 15:1; 2Sa 22:2-4
i Hu 50:15
j 1Sa 20:3; Hu 116:3
k 2Sa 20:1; 2Sa 22:5, 6; Hu 22:16
l Shu 9:12

Uhla 2
a Hu 11:4
b 2Sa 22:7; Hu 10:17; Hu 34:15; 1Pe 3:12
c Hlu 5:4
d 2Sa 22:8-16; Hu 77:18
e Isay 30:27
f Hu 144:5; Isay 64:1
g 2Sa 22:10
h Hu 99:1
i Hu 104:3; Heb 1:7
j Hu 97:2
k Job 36:29
l 1Sa 2:10; 1Sa 7:10
m 2Sa 22:14; Hu 29:3

14 Wacibishela imicibisholo yakhe wahlakaza izitha;[a]
Wathumela umbani, wazididizelisa.[b]
15 Imihosha* yahlala obala;[c]
Izisekelo zezwe zahlala obala ngokukhuza kwakho, Jehova,
Ngokufutha komoya wamakhala akho.[d]
16 Welula isandla sakhe ephezulu;
Wangibamba wangikhipha emanzini ajulile.[e]
17 Wangikhulula esitheni sami esinamandla,[f]
Kulabo abangizondayo, ababenamandla kunami.[g]
18 Bamelana nami ngosuku lwenhlekelele yami,[h]
Kodwa uJehova wangisekela.
19 Wangikhiphela endaweni ephephile;*
Wangikhulula ngoba wayejabule ngami.[i]
20 UJehova ungivuza ngenxa yokuthi ngenze ngokulunga;[j]
Ungibuyisela ngenxa yobumsulwa bezandla zami.*[k]
21 Ngoba ngizigcinile izindlela zikaJehova,
Angizange ngokukhohlakala ngimshiye uNkulunkulu wami.
22 Ngiyayikhumbula yonke imiyalo yakhe;
Ngeke ngiyishaye indiva imithetho yakhe.
23 Ngizohlale ngingenaphutha phambi kwakhe,[l]
Ngizokugwema ukwenza isono.[m]

**18:15** *Noma, "Imizila yamanzi." **18:19** *Noma, "endaweni evulekile." **18:20** *NgesiHebheru, "ngokokuhlanzeka kwami."

ISAHL. 18
a Isay 30:30
b Job 36:32; Hu 144:6
c Hu 74:15; Hu 106:9; Hu 114:1, 3
d Eks 15:8; 2Sa 22:16
e 2Sa 22:17-20; Hu 124:2-4
f Hu 3:7
g Hu 35:10
h 1Sa 19:11; 1Sa 23:26
i Hu 149:4
j 1Sa 26:23; 1Kh 8:32
k 1Sa 24:11; 2Sa 22:21-25; Hu 24:3, 4
l Hu 84:11
m 2Sa 22:24; IzA 14:16

Uhla 2
a Isay 3:10; Heb 11:6
b 2Sa 22:25; IzA 5:21
c Hu 97:10
d 2Sa 22:26-31; Job 34:11; Jer 32:19
e Mat 5:8
f Hu 125:5
g Job 34:28
h IzA 6:16, 17; Isay 2:11; Luk 18:14
i Hu 97:11; Isay 42:16
j 2Sa 5:19; Heb 11:32-34
k 2Sa 22:30; Flp 4:13
l Dut 32:4; Dan 4:37; IsA 15:3
m Hu 12:6; Hu 19:8
n Hu 18:2; Hu 84:11
o Hu 86:8; Isay 45:5
p Dut 32:31; 1Sa 2:2; 2Sa 22:32-43
q Hu 84:5, 7
r Isay 26:7
s Hab 3:19

24 Kwangathi uJehova angangibuyisela ngenxa yokuthi ngenze ngokulunga,[a]
Ngenxa yobumsulwa bezandla zami phambi kwakhe.[b]
25 Koqotho wena wenza ngobuqotho;[c]
Umuntu ongenaphutha usebenzelana naye ngokungenaphutha;[d]
26 Komsulwa uzibonakalisa umsulwa,[e]
Kodwa koyiqili uzibonakalisa unokuqonda.[f]
27 Ngoba uyabasindisa abahluphekile*[g]
Kodwa uyabathobisa abaziphakamisayo.#[h]
28 Ngoba nguwe Jehova, okhanyisa isibani sami,
Nkulunkulu wami oguqula ubumnyama obungizungezile bube ukukhanya.[i]
29 Ngosizo lwakho ngingajaha iviyo labaphangi;[j]
Ngamandla kaNkulunkulu ngingacaca udonga.[k]
30 Indlela kaNkulunkulu weqiniso iphelele;*[l]
Izwi likaJehova licwengekile.[m]
Uyihawu labo bonke abaphephela kuye.[n]
31 Ngoba ubani onguNkulunkulu ngaphandle kukaJehova?[o]
Ubani oyidwala ngaphandle kukaNkulunkulu wethu?[p]
32 UNkulunkulu weqiniso nguye onginika amandla,[q]
Uzokwenza indlela yami iqonde.[r]
33 Wenza izinyawo zami zibe njengezenyamazane;
Ungimisa ezindaweni eziphakeme.[s]

**18:27** *Noma, "abazehlisayo." #NgesiHebheru, "uyawathobisa amehlo azidlayo." **18:30** *Noma, "ayinaphutha."

**34** Izandla zami uziqeqeshela
impi;
Izingalo zami zingagobisa
umnsalo wethusi.
**35** Unginika ihawu lakho lensi-
ndiso,[a]
Isandla sakho sokudla siya-
ngisekela,
Ukuthobeka kwakho ku-
ngenza ngibe mkhulu.[b]
**36** Uyenza ibe banzi indlela
engihamba kuyo;
Izinyawo zami ngeke zishe-
lele.[c]
**37** Ngizozijaha izitha zami ngi-
zifice;
Ngeke ngibuye kuze kube
yilapho seziqothuliwe.
**38** Ngiyoziphihliza ukuze zi-
ngakwazi ukuvuka;[d]
Ngiyozinqoba.*
**39** Uyongipha amandla okulwa
empini;
Uyokwenza izitha zami
ziwe phambi kwami.[e]
**40** Uyokwenza izitha zami zi-
ngibalekele,*
Ngiyobaqeda# labo abangi-
zondayo.[f]
**41** Bakhalela usizo, kodwa
akekho ozobasindisa;
Bakhala ngisho nakuJeho-
va, kodwa akabaphenduli.
**42** Ngiyobagaya bacoliseke
njengothuli oluhamba no-
moya;
Ngiyobachitha njengodaka
emigwaqweni.
**43** Uyongikhulula kubantu
ababheka amaphutha.[g]
Uyongimisa ngibe yinhloko
yezizwe.[h]
Isizwe engingazange ngisa-
zi siyongikhonza.[i]
**44** Siyongilalela ngokuzwa nje
ngami;
Abezinye izizwe bayoza
kimi bethothobele.[a]
**45** Abezinye izizwe bayokwe-
saba;*
Bayoza bethuthumela be-
vela ezindaweni zabo ezi-
vikelekile.
**46** UJehova uyaphila! Malidu-
nyiswe iDwala lami![b]
Makaphakanyiswe uNkulu-
nkulu wensindiso yami.[c]
**47** UNkulunkulu weqiniso uya-
ngiphindiselela;[d]
Uthobisa izizwe ngaphansi
kwami.
**48** Uyangikhulula ezitheni
zami ezithukuthele;
Ungiphakamisa ngibe nga-
phezu kwalabo abangihla-
selayo;[e]
Uyangisindisa kumuntu
onodlame.
**49** Yingakho ngizokudumisa
phakathi kwezizwe,
Jehova,[f]
Ngizolihubela izingoma zo-
kudumisa igama lakho.[g]
**50** Wenzela inkosi yakhe
izenzo ezinkulu zokusi-
ndisa;*[h]
Ubonisa uthando oluqotho
kogcotshiwe wakhe,[i]
KuDavide nasenzalweni#
yakhe kuze kube pha-
kade.[j]

Kumqondisi. Ihubo likaDavide.

**19** Amazulu amemezela
inkazimulo kaNkulu-
nkulu;[k]
Umkhathi* umemezela ngo-
msebenzi wezandla za-
khe.[l]
**2** Usuku nosuku inkulumo
yawo iyaphuphuma,
Ubusuku nobusuku embula
ulwazi.

ISAHL. 18
a Gen 15:1; Dut 33:29; Hu 28:7
b 2Sa 22:36; Hu 113:6-8
c Hu 17:5
d Hu 2:8, 9
e Hu 44:5
f 2Sa 22:41; Hu 34:21
g 1Sa 30:6
h 2Sa 8:3; Hu 2:8
i 2Sa 22:44-46

Uhla 2
a Dut 33:29
b Dut 32:4
c Eks 15:2; 2Sa 22:47-49
d Dut 32:35; Nah 1:2; Rom 12:19
e 2Sa 7:9; Hu 59:1
f Dut 32:43; Hu 117:1; Isay 11:10
g 2Sa 22:50, 51; 1Kr 16:9; Rom 15:9
h Hu 2:6; Hu 144:10
i 2Sa 7:15-17; 1Kh 3:6
j Hu 89:20, 36; Isay 9:7; Luk 1:32, 33; IsA 5:5

ISAHL. 19
k Hu 8:3, 4; Isay 40:22; Rom 1:20
l Hu 150:1; IsA 4:11

**18:38** *Noma, “Ziyowa bese ngizinyathela.” **18:40** *Noma, “Uyonginika umhlane wezitha zami.” #NgesiHebheru, “Ngiyobathulisa.”

**18:45** *Noma, “bayobuna.” **18:50** *Noma, “ukunqoba okukhulu.” #NgesiHebheru, “nasembewini.” **19:1** *Noma, “Isibhakabhaka.”

3 Awakhulumi, akukho mazwi;
Izwi lawo alizwakali.
4 Kodwa umsindo wawo* uphumele kuwo wonke umhlaba,
Nomyalezo wawo uphumele emikhawulweni yomhlaba.#[a]
UNkulunkulu umise itende lelanga emazulwini;
5 Linjengomkhwenyana ephuma ekamelweni labasanda kushada;
Lijabula njengeqhawe ligijima emncintiswaneni.
6 Liphuma komunye umkhawulo wamazulu,
Lijikeleze liye komunye umkhawulo;[b]
Akukho lutho olusithekile ekushiseni kwalo.
7 Umthetho kaJehova uphelele,[c] ubuyisa amandla.[d]
Isikhumbuzo sikaJehova sithembekile,[e] sihlakaniphisa ongenalwazi.[f]
8 Imiyalo evela kuJehova ilungile, ijabulisa inhliziyo;[g]
Umyalo kaJehova uhlanzekile, unikeza ukukhanya.[h]
9 Ukwesaba uJehova[i] kuhle, kuhlala kuze kube phakade.
Izahlulelo zikaJehova ziyiqiniso, zonke zilungile.[j]
10 Zifiseleka kakhulu kunegolide,
Kunegolide eliningi elicwengisisiwe,[k]
Zimnandi kunoju,[l] kunoju oluconsa emakhekhebeni.
11 Inceku yakho ixwayisiwe ngazo;[m]
Ukuzigcina kuletha umvuzo omkhulu.[n]
12 Ngubani ongawaqonda amaphutha akhe?[a]
Ngithethelele ezonweni engizenze ngingaboni.
13 Nqanda inceku yakho ezenzweni zokugabadela;[b]
Ungavumi ukuba zingibuse.[c]
Khona-ke ngeke ngibe naphutha,[d]
Ngiyoba msulwa ezonweni ezinkulu.*
14 Kwangathi amazwi omlomo wami nokuzindla kwenhliziyo yami
Kungakujabulisa Jehova,[e] Dwala lami[f] noMkhululi wami.[g]

Kumqondisi. Ihubo likaDavide.

20 Kwangathi uJehova angakuphendula ngosuku lokucindezeleka.
Kwangathi igama likaNkulunkulu kaJakobe lingakuvikela.[h]
2 Kwangathi angakuthumelela usizo esendaweni engcwele[i]
Akusekele eseZiyoni.[j]
3 Kwangathi angayikhumbula yonke iminikelo yakho yesipho;
Kwangathi angawamukela ngomusa* umnikelo wakho oshiswayo. (*Sela*)
4 Kwangathi angakupha lokho okufiswa yinhliziyo yakho[k]
Awaphumelelise wonke amacebo akho.
5 Sizomemeza ngenjabulo ngenxa yezenzo zakho zensindiso;[l]
Sizolidumisa igama likaNkulunkulu wethu.[m]
Kwangathi uJehova angazifeza zonke izicelo zakho.

**ISAHL. 19**
a Rom 10:18
b Hu 104:19
c Hu 119:72
d Hu 23:3
e Hu 119:111, 129
f IzA 1:5; 2Ti 3:15
g 2Kr 24:9, 10
h IzA 4:4; IzA 6:23; Mat 6:22
i Dut 10:12; IzA 1:7; Mal 3:16
j Hu 119: 137, 160; IsA 16:7
k Hu 119:127; IzA 8:10
l Hu 119:103; IzA 16:24
m Hu 119:11
n Hu 119:165

**Uhla 2**
a 1Ko 4:4
b Gen 20:6; Dut 17:12; 1Sa 15:23; 2Sa 6:7; 2Kr 26:16-18
c Hu 119:133
d Isay 38:3
e Hu 49:3; Hu 51:15; Hu 143:5; Flp 4:8
f Hu 18:2
g Job 19:25; Isay 43:14

**ISAHL. 20**
h Hu 9:10; IzA 18:10
i 2Kr 20:8, 9
j 2Sa 5:7; Hu 50:2; Hu 134:3
k Hu 21:1, 2
l Hu 59:16
m 1Sa 17:45

**19:4** *Noma kungaba, "intambo yawo yokulinganisa." #Noma, "yezwe elikhiqizayo."
**19:13** *Noma, "eziphambekweni eziningi." **20:3** *NgesiHebheru, "angawubheka njengokhuluphele."

6 Manje sengiyazi ukuthi
uJehova uyamsindisa
ogcotshiwe wakhe.[a]
Uyamphendula esemazu-
lwini akhe angcwele
Ngensindiso enkulu* ngesa-
ndla sakhe sokudla.[b]
7 Abanye bathembele ezinqo-
leni, abanye bathembele
emahhashini,[c]
Kodwa thina sibiza igama
likaJehova uNkulunkulu
wethu.[d]
8 Banqotshiwe bawa,
Kodwa thina sivukile
sama.[e]
9 O Jehova, sindisa inkosi![f]
UNkulunkulu* uyosiphe-
ndula ngosuku esicela
ngalo usizo.[g]

Kumqondisi. Ihubo likaDavide.

21 O Jehova, inkosi iyajabu-
la ngamandla akho;[h]
Ijabula kakhulu ngezenzo
zakho zokusindisa![i]
2 Uyinike lokho okufiswa yi-
nhliziyo yayo,[j]
Awusigodlanga isicelo
sayo. (*Sela*)
3 Ngoba uyihlangabeze nge-
zibusiso ezicebile;
Ubeka umqhele wegolide
elicwengiwe ekhanda
layo.[k]
4 Yacela ukuphila kuwe,
wayinika kona,[l]
Ukuphila isikhathi eside,*
kuze kube phakade na-
phakade.
5 Izenzo zakho zensindiso
ziyilethela inkazimulo
enkulu.[m]
Uyinika isithunzi nobukha-
zikhazi.
6 Uyibusisa phakade;[n]
Uyenza ithokoze ngoba
unayo.[o]
7 Ngoba inkosi ithembela ku-
Jehova;[a]
Ngenxa yothando oluqotho
loPhezukonke, ngeke
intengantengiswe.*[b]
8 Isandla sakho siyozithola
zonke izitha zakho;
Isandla sakho sokudla siyo-
bathola abakuzondayo.
9 Lapho ufika, uyobabhubhi-
sa njengezinto ezipho-
nswa emlilweni.
UJehova uyobaqothula la-
pho ethukuthele, umlilo
uyobashwabadela.[c]
10 Isizukulwane* sabo uyosi-
bhubhisa emhlabeni,
Nenzalo yabo kubantwana
babantu.
11 Ngoba babehlose ukwenza
okubi kuwe;[d]
Bacebe amacebo angeke
aphumelele.[e]
12 Uyobenza babaleke[f]
Lapho ubhekisa ngakubo*
umnsalo wakho.
13 O Jehova, vuka, ubonise
amandla akho.
Sizowahubela izindumiso*
amandla akho.

Kumqondisi; ngenothi
"Lenyamazane Yokuntwela Kokusa."*
Ihubo likaDavide.

22 Nkulunkulu wami, Nku-
lunkulu wami, ungishi-
yeleni?[g]
Kungani ungangisindisi,
Ungakuzwa ukukhala kwa-
mi ngenxa yosizi?[h]
2 Nkulunkulu wami, ngilokhu
ngikubiza emini, kodwa
awuphenduli;[i]
Nasebusuku angithuli.

ISAHL. 20
a Hu 2:2, 4
b Hu 17:7
c Hu 33:17; Isay 31:1
d 2Kr 14:11; 2Kr 20:12; 2Kr 32:8
e Hlu 5:31; Hu 125:1
f Hu 18:50
g Hu 44:4

ISAHL. 21
h Hu 63:11
i Hu 28:7
j Hu 2:8; Hu 20:4
k 2Sa 12:30
l Hu 13:3; Hu 61:6
m 2Sa 7:8, 9
n Hu 72:17
o Hu 16:11; Hu 45:7

Uhla 2
a 1Sa 30:6
b Hu 16:8
c Dut 32:22; Hu 110:5; Mal 4:1
d Hu 34:16
e Hu 2:1
f Hu 9:3; Hu 56:9

ISAHL. 22
g Hu 22:16; Mat 27:46; Mar 15:34
h Heb 5:7
i Hu 42:3

**20:6** *Noma, "Ngokunqoba okukhulu." **20:9** *Noma kungaba, "Inkosi." **21:4** *NgesiHebheru, "Ubude bezinsuku."

**21:7** *Noma, "ayisoze yazanyazanyiswa." **21:10** *NgesiHebheru, "Isithelo." **21:12** *NgesiHebheru, "ngasebusweni babo." **21:13** *NgesiHebheru, "Sizocula sidumise." **22:0** *Kungaba yinothi noma indlela yokucula.

3 Kodwa wena ungcwele,[a]
U-Israyeli uyakudumisa.*
4 Obaba bathembela kuwe;[b]
Bakwethemba, wena waqhubeka ubasindisa.[c]
5 Bakhala kuwe, basindiswa;
Bathembela kuwe, bangajabha.*[d]
6 Kodwa mina ngiyisibungu, angiyena umuntu,
Abantu bayangidelela,* bangibukela phansi.[e]
7 Bonke abangibonayo, bangenza inhlekisa;[f]
Balokhu behleka usulu, benikina namakhanda abo:[g]
8 "Uthembele kuJehova. Makamkhulule!
Makamsindise, ngoba Yena umthanda kakhulu!"[h]
9 Nguwe owangikhipha esibelethweni,[i]
Owangenza ngazizwa ngilondekile emabeleni kamama.
10 Selokhu ngazalwa ubulokhu unginakekela;*
UbunguNkulunkulu wami kwasesibelethweni sikamama.
11 Ungabi kude nami, ngoba usizi luseduze,[j]
Anginaye omunye umsizi.[k]
12 Izinkunzi eziningi zingihaqile;[l]
Izinkunzi ezinamandla zaseBhashani zingizungezile.[m]
13 Zingivulela umlomo wazo,[n]
Njengebhubesi elibhongayo elidwengula isisulu salo.[o]
14 Ngithululiwe njengamanzi;
Wonke amathambo ami ahlukene.
Inhliziyo yami ibe njengengcina;*[a]
Iyancibilika ngaphakathi kimi.[b]
15 Amandla ami aphelile, senginjengesitsha sobumba;[c]
Ulimi lwami lunamathele olwangeni lwami;[d]
Ungiletha emgodini ukuze ngife.[e]
16 Ngoba izinja zingizungezile;[f]
Zingizungeze njengeviyo labenzi bokubi,[g]
Njengebhubesi, zisezandleni nasezinyaweni zami.[h]
17 Ngingawabala wonke amathambo ami.[i]
Izitha ziyangibheka, zingigqolozele.
18 Zihlukaniselana ngezingubo zami,
Zenza inkatho ngezingubo zami.[j]
19 Kodwa wena, Jehova, ungabi kude.[k]
Ungamandla ami; shesha ungisize.[l]
20 Ngisindise* enkembeni,
Ukuphila kwami okuyigugu# ezidladleni zezinja;[m]
21 Ngisindise emlonyeni webhubesi[n] nasezimpondweni zezinkunzi zasendle;
Ngiphendule ungisindise.
22 Ngizomemezela igama lakho kubafowethu;[o]
Ngizokudumisa phakathi kwebandla.[p]
23 Nina enesaba uJehova, mdumiseni!

22:3 *Noma, "Uhlezi phezu kwezindumiso zika-Israyeli." 22:5 *Noma, "abazange badumazeke." 22:6 *Noma, "Ngiyisihlamba kubantu." 22:10 *Noma, "bengiphonswe kuwe."

22:14 *Ngokusobala lokhu kubhekisela entweni esetshenziswa izinyosi lapho zakha amakhekheba oju. 22:20 *Noma, "Sindisa umphefumulo wami." #NgesiHebheru, "Okuwukuphela kwawo," esho umphefumulo noma ukuphila kwakhe.

ISAHL. 22
a Isay 6:3; 1Pe 1:15
b Gen 15:1, 6
c Eks 14:13; Heb 11:32-34
d Hu 25:2; Hu 99:6; Rom 10:11
e Hu 31:11; Isay 53:3
f Hu 35:16
g Hu 109:25
h Mat 27:41-43; Luk 23:35, 36
i Hu 71:6; Hu 139:16
j Hu 10:1
k Luk 23:46; Heb 5:7
l Hu 68:30
m Hez 39:18
n Mat 26:4
o Hu 57:4; 1Pe 5:8

Uhla 2
a Luk 22:44; Joh 12:27
b Mat 26:38; Mar 14:33
c IzA 17:22
d Joh 19:28
e Isay 53:12; 1Ko 15:3, 4
f Hu 59:5, 6; Luk 22:63
g Hu 86:14
h Mat 27:35; Joh 20:25
i Hu 34:20; Joh 19:36
j Mar 15:24; Luk 23:34; Joh 19:23, 24
k Hu 10:1
l Hu 40:13
m Hu 22:16
n Hu 35:17
o Joh 17:6
p Hu 40:9; Heb 2:11, 12

Nonke nina nzalo* kaJakobe, mkhazimuliseni![a]
Nimesabe nonke nina nzalo* ka-Israyeli.
24 Ngoba akazange akudelele noma akushalazele ukuhlupheka komuntu ocindezelwe;[b]
Akazange amfihlele ubuso bakhe,[c]
Wezwa lapho ekhalela usizo kuye.[d]
25 Ngizokudumisa ebandleni elikhulu;[e]
Ngizozigcwalisa izifungo zami phambi kwabamesabayo.
26 Abamnene bayodla basuthe;[f]
Labo abafuna uJehova bayomdumisa.[g]
Kwangathi bangaphila* kuze kube phakade.
27 Umhlaba wonke uyokhumbula ubuyele kuJehova.
Zonke izizwe ziyokhothama phambi kwakho.[h]
28 Ngoba ubukhosi bungobukaJehova;[i]
Ubusa izizwe.
29 Bonke abacebile* bomhlaba bazodla bakhothame phansi;
Bonke abehlela phansi othulini bazoguqa phambi kwakhe;
Akekho kubo ongalonda ukuphila kwakhe.
30 Inzalo* yabo iyomkhonza;
Isizukulwane esizayo siyotshelwa ngoJehova.
31 Bayofika balandise ngokulunga kwakhe.
Bayotshela isizwe esisazozalwa lokho akwenzile.

---

**22:23** *NgesiHebheru, "mbewu." **22:26** *NgesiHebheru, "Kwangathi izinhliziyo zenu zingaphila." **22:29** *NgesiHebheru, "abakhuluphele." **22:30** *NgesiHebheru, "Imbewu."

Ihubo likaDavide.

**23** UJehova unguMalusi wami.[a]
Ngeke ngiswele lutho.[b]
2 Ungilalisa emadlelweni aluhlaza;
Ungiholela ezindaweni zokuphumula ezinamanzi anele.*[c]
3 Ungipha amandla.*[d]
Ungihola ezindleleni# zokulunga ngenxa yegama lakhe.[e]
4 Noma ngihamba esigodini sethunzi elimnyama,[f]
Angesabi lutho olubi,[g]
Ngoba wena unami;[h]
Induku yakho nodondolo lwakho kuyangiduduza.
5 Ungilungisela itafula phambi kwezitha zami.[i]
Ugcoba ikhanda lami ngamafutha;[j]
Indebe yami igcwele phama.[k]
6 Ngokuqinisekile ubuhle nothando oluqotho kuyongilandela zonke izinsuku zokuphila kwami,[l]
Ngiyohlala endlini kaJehova uma nje ngisaphila.[m]

Ihubo likaDavide.

**24** Umhlaba nakho konke okukuwo kungokukaJehova,[n]
Izwe elikhiqizayo nalabo abahlala kulo.
2 Ngoba uwumise waqina phezu kwezilwandle,[o]
Wawumisa waqina phezu kwemifula.
3 Ngubani ongakhuphukela entabeni kaJehova,[p]
Ngubani ongama endaweni yakhe engcwele?

---

**23:2** *Noma kungaba, "emanzini azolile." **23:3** *Noma, "Uvuselela umphefumulo wami." #NgesiHebheru, "emikhondweni."

ISAHL. 22
a Hu 50:23
b Hu 34:6, Hu 69:33
c Num 6:25
d Heb 5:7
e Hu 35:18, Hu 40:10, Hu 111:1
f Hu 37:11, Isay 65:13
g Zef 2:3
h Gen 22:18, IsA 7:9, IsA 15:4
i 1Kr 29:11, IsA 11:17

Uhla 2

ISAHL. 23
a Hu 80:1, Jer 23:3, Hez 34:12, 1Pe 2:25
b Hu 34:9, Hu 84:11, Mat 6:33, Flp 4:19, Heb 13:5
c Hez 34:13, 14
d Hu 19:7, Hu 51:12
e Hu 31:3
f Job 38:17
g Hu 3:6, Hu 27:1, Isay 41:10
h Isay 43:2, Rom 8:31
i Hu 22:26, Hu 31:19
j Luk 7:46, Jak 5:14
k Hu 16:5
l Hu 103:17
m Hu 15:1-5, Hu 27:4, Hu 65:4, Hu 122:1

ISAHL. 24
n 1Kr 29:11, Job 41:11, 1Ko 10:26
o Gen 1:9, Job 38:11, Hu 136:6, Jer 5:22
p Hu 15:1-5

4 Yinoma ngubani onezandla
ezingenacala nenhliziyo
emsulwa,[a]
Ongazange afunge amanga
ngokuphila kwami,*
Nongazange afunge nge-
nkohliso.[b]
5 Uyothola izibusiso ezivela
kuJehova[c]
Nokulunga* okuvela ku-
Nkulunkulu wakhe wensi-
ndiso.[d]
6 Lesi yisizukulwane salabo
abamfunayo,
Salabo abafuna ubuso ba-
kho, Nkulunkulu kaJako-
be. (*Sela*)
7 Phakamani,* nina masango;[e]
Nivuleke, nina minyango
yasendulo,
Ukuze iNkosi ekhazimulayo
ingene![f]
8 Ingubani le Nkosi ekhazi-
mulayo?
InguJehova onamandla no-
yiqhawe,[g]
UJehova oyiqhawe lempi.[h]
9 Phakamani, nina masango;[i]
Nivuleke, nina minyango
yasendulo,
Ukuze iNkosi ekhazimulayo
ingene!
10 Ngubani le Nkosi ekhazimu-
layo?
NguJehova wamabutho
—nguye oyiNkosi ekhazi-
mulayo.[j] (*Sela*)

ElikaDavide.

א [*Aleph*]

25 O Jehova, ngiphenduke-
la kuwe.*

ב [*Beth*]

2 Nkulunkulu wami, ngithe-
mbele kuwe;[k]
Ungangivumeli ukuba ngi-
hlazeke.[a]
Ungazivumeli izitha zami
zisizakale ngami.[b]

ג [*Gimel*]

3 Ngokuqinisekile akekho no-
yedwa kulabo abathemba
wena oyohlazeka,[c]
Kodwa kuyohlazeka labo
abakhohlisa ngaphandle
kwesizathu.[d]

ד [*Daleth*]

4 O Jehova, ngazise izindlela
zakho;[e]
Ngifundise imikhondo ya-
kho.[f]

ה [*He*]

5 Ngihambise eqinisweni la-
kho ungifundise,[g]
Ngoba wena unguNkulu-
nkulu wami wensindiso.

ו [*Waw*]

Usuku lonke ngithembe
wena.

ז [*Zayin*]

6 O Jehova, khumbula isihe
sakho nothando lwakho
oluqotho,[h]
Obulokhu ukubonisa.*[i]

ח [*Heth*]

7 Ungazikhumbuli izono zo-
busha bami neziphambe-
ko zami.
Ngikhumbule ngokothando
lwakho oluqotho,[j]
Ngenxa yobuhle bakho,
Jehova.[k]

ט [*Teth*]

8 UJehova muhle futhi uqo-
tho.[l]
Yingakho efundisa izoni
indlela yokuphila.[m]

י [*Yod*]

9 Uyoluleka abamnene ukuba
benze okulungile,*[n]
Uyofundisa abamnene
indlela yakhe.[o]

---

**ISAHL. 24**
*a* 2Sa 22:21; Isay 33:15, 16; Mat 5:8
*b* Hu 34:12, 13; Mal 3:5
*c* Hu 128:1-5
*d* Isay 12:2
*e* Hu 118:19; Hu 122:2
*f* 2Sa 6:15; Hu 48:1-3
*g* Hu 93:1
*h* Eks 15:3; 1Sa 17:47; 2Kr 20:15; Isay 42:13
*i* Hu 118:19
*j* 1Kr 29:11

**ISAHL. 25**
*k* Isay 26:3

**Uhla 2**
*a* Rom 10:11
*b* Hu 41:11
*c* Hu 69:6
*d* Hu 31:17
*e* Eks 33:13; Hu 86:11; Hu 143:8
*f* Hu 27:11
*g* Hu 43:3
*h* Eks 34:6; Isay 55:3
*i* Hu 103:17; Hu 136:1
*j* Hu 6:4; Hu 51:1
*k* Eks 33:19; Hu 27:13
*l* Hu 92:15; Hu 119:68; Hu 145:9; IzE 14:17
*m* Hu 119:33; Isay 30:20; Mik 4:2
*n* Zef 2:3
*o* Hu 32:8

---

**24:4** *Noma, "ngomphefumulo wami," kubhekiselwa ekuphileni kukaJehova umuntu afunga ngakho. **24:5** *Noma, "Nobulungisa." **24:7** *Noma, "Sukumani." **25:1** *Noma, "ngiwuphakamisela kuwe umphefumulo wami."

**25:6** *Noma, "Obekulokhu kukhona kusukela endulo." **25:9** *NgesiHebheru, "abamnene ngesahlulelo."

כ [*Kaph*]
10 Zonke izindlela zikaJehova
zibonisa uthando lwakhe
oluqotho nokwethembeka
Kulabo abagcina isivume-
lwano sakhe[a] nezikhu-
mbuzo zakhe.[b]
ל [*Lamed*]
11 O Jehova, ngenxa yegama
lakho,[c]
Thethelela isiphambeko
sami nakuba sisikhulu.
מ [*Mem*]
12 Ngubani umuntu owesaba
uJehova?[d]
Uyomfundisa indlela okufa-
nele ayikhethe.[e]
נ [*Nun*]
13 Uyothola okuhle,[f]
Nesizukulwane* sakhe siyo-
dla ifa lomhlaba.[g]
ס [*Samekh*]
14 Ubungani obuseduze noJe-
hova bungobalabo abame-
sabayo,[h]
Ubafundisa isivumelwano
sakhe.[i]
ע [*Ayin*]
15 Amehlo ami ahlale ebheke
kuJehova,[j]
Ngoba uyokhulula izinyawo
zami enethini.[k]
פ [*Pe*]
16 Phendulela ubuso bakho
kimi, ungibonise umusa,
Ngoba ngingedwa futhi ngi-
hluphekile.
צ [*Tsade*]
17 Seziziningi izinto ezikha-
thaza inhliziyo yami;[l]
Ngikhulule osizini lwami.
ר [*Resh*]
18 Bona ukuhlupheka kwami
nezinkinga zami,[m]
Uxolele zonke izono zami.[n]
19 Bheka ukuthi ziningi ka-
ngakanani izitha zami
Nokuthi zingizonda kakhu-
lu kangakanani.
ש [*Shin*]
20 Qapha ukuphila kwami
ungisindise.[a]
Ungangivumeli ukuba ngi-
hlazeke ngoba ngiphephe-
le kuwe.
ת [*Taw*]
21 Kwangathi ubuqotho noku-
qonda kungangilonda,[b]
Ngoba ngethembe wena.[c]
22 O Nkulunkulu, khulula
u-Israyeli kuzo zonke izi-
ngcindezi zakhe.

ElikaDavide.

26 Ngahlulele Jehova, ngo-
ba ngihambe ngobuqo-
tho bami;[d]
Ngithembele kuJehova nga-
phandle kokunqikaza.[e]
2 Ngihlole Jehova, ungivivi-
nye;
Cwenga imicabango yami
ejulile* nenhliziyo yami.[f]
3 Ngoba uthando lwakho olu-
qotho luphambi kwami
njalo,
Ngihamba eqinisweni la-
kho.[g]
4 Anginabungani* nabantu
abakhohlisayo,[h]
Ngiyabagwema labo abafi-
hla lokho abayikho.#
5 Ngiyakuzonda ukuzihlanga-
nisa nabenzi bokubi,[i]
Angihlali nababi.[j]
6 Ngizogeza izandla zami
ukuze ngibonise ubumsu-
lwa bami,
Ngizozungeza i-altare la-
kho, Jehova,
7 Ukuze ngikubonge ngezwi
elizwakalayo,[k]
Ngimemezele yonke imi-
sebenzi yakho emangali-
sayo.

**25:13** *NgesiHebheru, "Nembewu."

**26:2** *Noma, "imizwa yami ejulile." NgesiHebheru, "izinso zami." **26:4** *NgesiHebheru, "Angihlali." #Noma, "Angizihlanganisi nabazenzisi."

ISAHL. 25
a Dut 29:1
b Hu 19:7
c Hu 31:3; Hu 79:9; Hu 109:21; Hu 143:11; Hez 36:22; Dan 9:19; Mat 6:9
d Hu 111:10
e Hu 37:23
f Hu 31:19
g Hu 37:11
h IzA 3:32; Joh 15:15
i Gen 18:17; Gen 22:17; Amo 3:7
j Hu 141:8
k Hu 91:3; Hu 124:6-8
l Hu 73:21
m 2Sa 16:12
n Hu 32:5; Hu 51:9

Uhla 2
a Hu 17:8; Hu 121:7
b Hu 41:12
c Hu 37:34

ISAHL. 26
d 2Kh 20:3
e Hu 21:7
f Hu 17:3; Hu 66:10
g Hu 43:3; Hu 86:11
h Jer 15:17
i Hu 139:21
j Hu 1:1
k Hu 50:23; Hu 95:2

8 Jehova, ngiyayithanda indlu ohlala kuyo,[a]
Indawo ehlala inkazimulo yakho.[b]
9 Ungangishabalalisi* kanye nezoni[c]
Ungangibulali kanye nabantu abanobudlova,#
10 Abahlale beziphatha ngendlela ehlazisayo,
Nabathanda ukwamukela isifumbathiso.*
11 Kodwa mina, ngizohamba ngobuqotho bami.
Ngikhulule, ungibonise umusa.
12 Unyawo lwami lumi endaweni ephephile;[d]
Ebandleni elikhulu, ngiyomdumisa uJehova.[e]

ElikaDavide.

27 UJehova ungukukhanya kwami[f] nensindiso yami.
Ngubani okufanele ngimesabe?[g]
UJehova uyisiphephelo sokuphila kwami.[h]
Ngizoba nengebhe ngobani?
2 Lapho abenzi bokubi bengihlasela ukuze bangishwabadele,[i]
Abaphikisana nami nezitha zami yibo abakhubeka bawa.
3 Nakuba ibutho lempi lingeza lizongihlasela,
Inhliziyo yami ngeke yesabe.[j]
Nakuba ngingase ngivukelwe yimpi,
Ngisho nangaleso sikhathi ngiyolokhu ngithembele kuye.
4 Yinye into engiyicele kuJehova
—Iyilokho engikufisayo—
Ukuba ngihlale endlini kaJehova zonke izinsuku zokuphila kwami,[a]
Ukuze ngibone ubuhle bukaJehova
Ngibuke ithempeli lakhe* ngenjabulo.#[b]
5 Ngoba uyongifihla esikhoselweni sakhe ngosuku lwenhlekelele;[c]
Uyongicashisa endaweni esithekile yetende lakhe;[d]
Uyongibeka phezulu edwaleni.[e]
6 Manje ikhanda lami seliphakeme kunezitha zami ezingizungezile;
Ngizonikela imihlatshelo etendeni lakhe ngimemeza ngenjabulo;
Ngiyohlabelela* ngidumise uJehova.
7 O Jehova, ngizwe lapho ngikubiza;[f]
Ngibonise umusa, ungiphendule.[g]
8 Inhliziyo yami ithe ngokuphathelene nawe:
"Funani ubuso bami."
O Jehova, ngiyobufuna ubuso bakho.[h]
9 Ungangifihleli ubuso bakho.[i]
Ungayixoshi inceku yakho uthukuthele.
Wena ungumsizi wami.[j]
Ungangilahli futhi ungangishiyi, Nkulunkulu wami wensindiso.
10 Ngisho noma ubaba nomama bengangishiya,[k]
UJehova ngokwakhe uyongamukela.[l]
11 O Jehova, ngifundise indlela yakho,[m]

26:9 *Noma, "Ungangisusi." #Noma, "abachitha igazi." 26:10 *Noma, "Nabathanda ukufumbathisa."

27:4 *Noma, "indlu yakhe engcwele." #Noma, "ngizindle ngalo." 27:6 *Noma, "Ngiyocula ngidlale nezinsimbi."

ISAHL. 26
a 1Sa 3:3; 1Kr 16:1; Hu 27:4
b Hu 63:2
c 1Sa 25:29
d 1Sa 2:9; IzA 10:9
e Hu 111:1

ISAHL. 27
f Hu 36:9; Hu 43:3; Hu 119:105
g Hu 23:4; Rom 8:31; Heb 13:6
h Hu 62:6; Isay 12:2
i Hu 22:16
j 2Kr 20:15; 2Kr 32:7; Hu 3:6

Uhla 2
a Hu 23:6; Hu 65:4
b 1Sa 3:3; 1Kr 16:1; Hu 26:8
c Hu 32:7; Hu 57:1; Zef 2:3
d Hu 61:4
e Hu 40:2
f Hu 130:2
g Hu 4:1; Hu 5:2
h Hu 63:1; Hu 105:4; Zef 2:3
i Hu 69:17; Hu 143:7
j Hu 46:1
k Hu 69:8
l Isay 49:15
m Hu 25:4; Hu 86:11; Isay 30:20; Isay 54:13

Ungihole endleleni yobuqotho ngenxa yezitha zami.
12 Unganginikeli kwabaphikisana nami,[a]
Ngoba ofakazi bamanga bangivukele,[b]
Bangisongela ngobudlova.
13 Ngabe ngikuphi nje ukube bengingenalo ukholo
Lokuthi ngiyobona ubuhle bukaJehova ezweni labaphilayo?*[c]
14 Themba uJehova;[d]
Yiba nesibindi uqine.[e]
Yebo, themba uJehova.

ElikaDavide.

28 O Jehova Dwala lami, ngiyaqhubeka ngikubiza;[f]
Ngilalele.
Uma ungangiphenduli,
Ngiyoba njengalabo abehlela phansi egodini.*[g]
2 Yizwa ukuncenga kwami lapho ngikhalela usizo kuwe
Lapho ngiphakamisela izandla zami ekamelweni elingaphakathi lendlu yakho engcwele.[h]
3 Ungangishaneli nabantu ababi, nabenza okulimazayo,[i]
Labo abakhuluma amazwi okuthula nabanye abantu kodwa kube kukhona okubi ezinhliziyweni zabo.[j]
4 Babuyisele ngokwezenzo zabo,[k]
Ngokwemikhuba yabo emibi.
Babuyisele ngokwemisebenzi yezandla zabo,
Ngokwalokho abakwenzile.[l]
5 Ngoba abayinaki imisebenzi kaJehova,[a]
Noma umsebenzi wezandla zakhe.[b]
Uyobadiliza, ngeke abakhe.
6 Makadunyiswe uJehova,
Ngoba ukuzwile ukukhalela kwami usizo.
7 UJehova ungamandla ami[c] nehawu lami;[d]
Inhliziyo yami yethembele kuye.[e]
Ungisizile, inhliziyo yami iyathokoza,
Ngakho ngizomdumisa ngengoma yami.
8 UJehova ungamandla kubantu bakhe;
Uyisiphephelo, uletha insindiso enkulu kogcotshiwe wakhe.[f]
9 Sindisa abantu bakho, ubusise ifa lakho.[g]
Beluse, ubathwale ngezandla zakho kuze kube phakade.[h]

Ihubo likaDavide.

29 Nina eninamandla, nikani uJehova udumo,
Dumisani uJehova ngenxa yenkazimulo namandla akhe.[i]
2 Nikani uJehova inkazimulo efanele igama lakhe.
Khothamani* kuJehova nembethe izingubo ezingcwele.#
3 Izwi likaJehova lizwakala phezu kwamanzi;
UNkulunkulu okhazimulayo uduma njengezulu.[j]
UJehova uphezu kwamanzi amaningi.[k]
4 Izwi likaJehova linamandla;[l]
Izwi likaJehova liyakhazimula.

---

**27:13** *Noma kungaba, "Ngempela nginalo ukholo lokuthi ngiyobona ubuhle bukaJehova ezweni labaphilayo." **28:1** *Noma, "ethuneni."

**29:2** *Noma, "Khonzani." #Noma kungaba, "ngenxa yobukhazikhazi bobungcwele bakhe."

---

ISAHL. 27
a Hu 31:8; Hu 41:2; Hu 41:11
b Mat 26:59-61
c Job 33:28-30
d Hu 25:3; Hu 62:5
e Isay 40:31

ISAHL. 28
f Dut 32:4; Isay 26:4
g Job 33:28
h Hu 5:7
i Num 16:25, 26; Hu 26:9
j Hu 62:4
k Hu 59:12; Jer 18:22
l Hu 62:12; 2Th 1:6

Uhla 2
a Job 34:26, 27
b Isay 5:12
c Isay 12:2
d Gen 15:1; 2Sa 22:3; Hu 3:3
e Hu 56:4
f 1Sa 16:13; 2Sa 22:3; Hu 20:6
g Dut 9:29
h Isay 40:11

ISAHL. 29
i 1Kr 16:28, 29
j 1Sa 7:10; Hu 18:13
k Hu 104:3
l Job 26:11; Job 40:9

5 Izwi likaJehova lephula
imisedari;
Yebo, uJehova wephula
imisedari yaseLebhanoni
ibe yizicucu.[a]
6 Wenza iLebhanoni* litsha-
kadule njengenkonyane,
NeSiriyoni[b] litshakadule
njengenkunzi yasendle
esencane.
7 Izwi likaJehova liphuma
kanye nemibani;[c]
8 Izwi likaJehova lenza ihla-
ne lizamazame;[d]
UJehova wenza ihlane lase-
Kadeshi[e] lizamazame.
9 Izwi likaJehova lenza inya-
mazane ithuthumele bese
iyazala
Liphundla namahlathi.[f]
Bonke abasethempelini la-
khe bathi: "Inkazimulo!"
10 UJehova uhlezi esihlalweni
sobukhosi ngaphezu kwe-
zikhukhula;*[g]
UJehova uhlezi esihlalweni
sobukhosi njengeNkosi
kuze kube phakade.[h]
11 UJehova uyonika abantu
bakhe amandla.[i]
UJehova uyobusisa abantu
bakhe ngokuthula.[j]

Ihubo likaDavide.
Ingoma yokuvulwa kwendlu.

30 O Jehova, ngizokupha-
kamisa ngoba ungikhu-
phulile;*
Awuzange uvumele izitha
zami zijabule ngami.[k]
2 O Jehova Nkulunkulu
wami, ngikhalele usizo
kuwe, wangelapha.[l]
3 O Jehova, ungikhuphulile#
eThuneni.△[m]
Ungigcine ngiphila; ungisi-
ndisile ukuze ngingehleli
egodini.*[a]
4 Hubani* nidumise uJehova,
nina baqotho bakhe,[b]
Nidumise igama lakhe# eli-
ngcwele;[c]
5 Ngoba ukuthukuthelela isi-
khashana[d]
Kodwa ukubonisa umusa*
ukuphila kwakho konke.[e]
Kungase kube khona uku-
khala kusihlwa, kodwa
ekuseni kukhona inja-
bulo.[f]
6 Lapho ngingenazinkinga
ngathi:
"Angisoze ngantengante-
ngiswa."*
7 O Jehova, lapho usangi-
bonisa umusa,* wangenza
ngaqina njengentaba.[g]
Kodwa lapho ufihla ubuso
bakho, ngesaba.[h]
8 O Jehova, ngangilokhu ngi-
kubiza;[i]
Ngangikuncenga Jehova,
ukuba ungibonise umusa.
9 Kunanzuzoni ukufa kwa-
mi,# ukwehlela kwami
egodini?*[j]
Ingabe uthuli luyokudumi-
sa?[k] Ingabe luyolandisa
ngokwethembeka kwa-
kho?[l]
10 O Jehova, yizwa, ungiboni-
se umusa.[m]
Jehova, yiba ngumsizi
wami.[n]
11 Wena ushintshe ukulila
kwami kwaba ukudansa;
Ususe indwangu yami ye-
saka, wangigqokisa inja-
bulo,

**29:6** *Ngokusobala, undi lwezintaba zaseLebhanoni. **29:10** *Noma, "kolwandle lwasezulwini." **30:1** *Noma, "ungidonsile." **30:3** #Noma, "ukhuphule umphefumulo wami." △Noma, "eShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**30:3, 9** *Noma, "ethuneni." **30:4** *Noma, "Culani." #NgesiHebheru, "isikhumbuzo sakhe." **30:5** *Noma, "uyakuthakazelela." **30:6** *Noma, "ngazanyazanyiswa." **30:7** *Noma, "usangithakazelela." **30:9** #NgesiHebheru, "Linanzuzoni igazi lami."

ISAHL. 29
a Isay 2:12, 13
b Dut 3:8, 9
c Eks 19:18; Hu 77:18
d Isay 13:13; Heb 12:26
e Num 13:26
f Isay 10:17, 18; Hez 20:47
g Job 38:25
h 1Ti 1:17
i Isay 40:29
j Hu 72:7

ISAHL. 30
k Hu 25:2; Hu 41:11
l 2Kh 20:5; Hu 6:2; Hu 103:3
m Hu 86:13

Uhla 2
a Hu 16:10; Hu 28:1; Isay 38:17; Jon 2:6
b Hu 32:11
c Eks 3:15
d Isay 12:1
e Isay 54:8
f Hu 126:5
g 2Sa 5:12; Hu 89:17
h Hu 10:1; Hu 143:7
i Hu 34:6; Hu 77:1
j Hu 28:1
k Hu 6:5; Hu 115:17; Shu 9:10
l Hu 88:11; Isay 38:18
m Hu 143:1
n Hu 28:7

12 Ukuze ngikuhubele izindumiso ngingathuli.
O Jehova Nkulunkulu wami, ngiyokudumisa kuze kube phakade.

Kumqondisi. Ihubo likaDavide.

31 O Jehova, ngiphephele kuwe.[a]
Kwangathi ngingelokothe ngihlazeke.[b]
Ngikhulule ngoba wena ulungile.[c]
2 Ngilalele.*
Ngikhulule ngokushesha.[d]
Yiba yintaba yami yokuphephela,
Indawo evikelekile ukuze ungisindise.[e]
3 Ngoba wena uyidwala lami nesiphephelo sami;[f]
Ngenxa yegama lakho[g] uyongihola ungiqondise.[h]
4 Uyongikhulula enethini abangifihlele lona,[i]
Ngoba wena uyinqaba yami.[j]
5 Umoya wami ngiwubeka esandleni sakho.[k]
Ungikhululile, Jehova Nkulunkulu weqiniso.*[l]
6 Ngiyabazonda labo abazinikele ezithixweni ezinganzuzo, eziyize,
Kepha mina, ngithembele kuJehova.
7 Ngizojabula kakhulu ngothando lwakho oluqotho,
Ngoba ukubonile ukuhlupheka kwami;[m]
Uyazi ngokucindezeleka kwami okukhulu.
8 Awuzange unginikele esitheni,
Kodwa ungimisa endaweni ephephile.*
9 O Jehova, ngibonise umusa ngoba ngicindezelekile.
Ngenxa yosizi, iso lami[a] nawo wonke umzimba wami kube buthakathaka.[b]
10 Ukuphila kwami kugcwele usizi[c]
Neminyaka yokuphila kwami igcwele ukububula.[d]
Amandla ami ayaphela ngenxa yesiphambeko sami;
Amathambo ami abuthakathaka.[e]
11 Zonke izitha zami zingenza inhlekisa,[f]
Ikakhulukazi omakhelwane bami.
Abajwayelene nami bayangesaba;
Lapho bengibona ngaphandle, bayangibalekela.[g]
12 Angisekho ezinhliziyweni* zabo, bangikhohlwe njengokungathi ngifile;
Nginjengesitsha esifile.
13 Ngizwe imibiko eminingi emibi;
Ukwesaba kungihaqile.[h]
Lapho bebuthana ndawonye ngobunye bemelene nami,
Baceba ukungibulala.*[i]
14 Kodwa mina ngithembele kuwe, Jehova.[j]
Ngithi: “Wena unguNkulunkulu wami.”[k]
15 Ukuphila kwami* kusesandleni sakho.
Ngikhulule esandleni sezitha zami nakulabo abangishushisayo.[l]
16 Yibonise umusa inceku yakho.[m]
Ngisindise ngothando lwakho oluqotho.
17 O Jehova, kwangathi ngingebe namahloni lapho ngikubiza.[n]

---

31:2 *Noma, “Goba ulalele.” 31:5 *Noma, “othembekile.” 31:8 *Noma, “endaweni evulekile.”

31:12 *Noma, “ezingqondweni.” 31:13 *Noma, “ukubulala umphefumulo wami.” 31:15 *NgesiHebheru, “Izikhathi zami.”

ISAHL. 31
a Hu 18:2
b Hu 22:4, 5; Rom 10:11
c Hu 143:1
d Hu 40:17; Hu 70:1; Hu 71:2
e 2Sa 22:3; Hu 18:2
f 2Sa 22:2
g Hu 25:11; Jer 14:7
h Hu 23:3
i Hu 91:3; Mat 6:13
j IzA 18:10
k Luk 23:46; IzE 7:59
l Dut 32:4
m Hu 9:13

Uhla 2
a Hu 6:7
b Hu 22:14
c IzA 15:13
d Hu 71:9
e Hu 32:3; Hu 102:3, 5
f Hu 22:6; Hu 42:10; Hu 102:8
g Hu 38:11
h Jer 20:10
i Hu 57:4
j Hu 56:4
k Hu 43:5
l Hu 142:6
m Num 6:25
n Hu 25:2; Isay 50:7

Kwangathi ababi bangahlazeka;[a]
Kwangathi bangathuliswa eThuneni.*[b]
18 Kwangathi labo abanamanga bangaphelelwa amazwi,[c]
Labo abakhuluma ngokuqhosha nangokwedelela ngolungile.
19 Yeka ukuthi buchichima kangakanani ubuhle bakho![d]
Ubulondele labo abakwesabayo,[e]
Ububonise bonke abantu, ngenxa yalabo abaphephela kuwe.[f]
20 Uyobafihla endaweni yakho esithekile[g]
Kude namacebo amadoda;
Uyobafihla etendeni lakho
Kude nokuhlasela okulimazayo.*[h]
21 Makadunyiswe uJehova,
Ngoba ngendlela emangalisayo, ungibonise uthando lwakhe oluqotho[i] edolobheni elivinjezelwe.[j]
22 Kepha mina, ngaba novalo ngathi:
"Ngizoshabalala phambi kwakho."[k]
Kodwa wakuzwa ukuncenga kwami lapho ngikhalela usizo kuwe.[l]
23 Mthandeni uJehova, nina nonke eniqotho kuye![m]
UJehova uyabavikela abathembekile,[n]
Kodwa uyomjezisa ngokwedlulele umuntu oqhoshayo.[o]
24 Yibani nesibindi niqine,*[p]
Nonke nina enilinde uJehova.[q]

ElikaDavide. Imaskili.*

32 Uyajabula lowo oxolelwe isiphambeko sakhe,
othethelelwe* isono sakhe.[a]
2 Uyajabula umuntu uJehova angambeki cala,[b]
Nongakhohlisi.
3 Lapho ngilokhu ngithule, ngakhathala ngenxa yokububula kwami usuku lonke.[c]
4 Ngoba isandla sakho sasinzima phezu kwami* imini nobusuku.[d]
Amandla ami ashabalala# njengamanzi ehlobo elishisayo. (*Sela*)
5 Ekugcineni ngasivuma isono sami kuwe;
Angizange ngisifihle isiphambeko sami.[e]
Ngathi: "Ngizozivuma izeqo zami kuJehova."[f]
Wena wasithethelela isono sami.[g] (*Sela*)
6 Yingakho wonke umuntu oqotho eyothandaza kuwe[h]
Ngesikhathi usatholakala.[i]
Khona-ke ngisho nezikhukhula ngeke zifike kuye.
7 Uyindawo yami yokucasha;
Uyongivikela ngezikhathi ezinzima.[j]
Uyongihaqa ngokumemeza kwenjabulo lapho ungikhulula.[k] (*Sela*)
8 "Ngiyokunika ukuqonda, ngikufundise indlela okufanele uhambe ngayo.[l]
Ngiyokweluleka, iso lami likubhekile.[m]
9 Ungabi njengehhashi noma umnyuzi okungenakho ukuqonda,[n]

**31:17** *Noma, "eShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **31:20** *NgesiHebheru, "Kude nokuxabana kwezilimi." **31:24** *Noma, "izinhliziyo zenu ziqine."

**32:0** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **32:1** *Noma, "esimboziwe." **32:4** *Noma, "intukuthelo yakho yayingisinda." #Noma, "Umswakama wokuphila kwami washintsha."

ISAHL. 31
a Neh 6:16; Isay 41:11; Jer 20:11
b 1Sa 2:9
c Hu 12:3; Hu 63:11
d Hu 73:1; Isay 63:7
e Isay 64:4; 1Ko 2:9
f Hu 126:2; Isay 26:12
g Hu 27:5; Hu 32:7
h Hu 64:2, 3
i Hu 17:7
j 1Sa 23:7
k Jon 2:4
l 2Kr 33:13; Hu 6:9; IzA 15:29; Heb 5:7
m Dut 10:12
n 1Sa 2:9; Hu 145:20
o 2Sa 22:28; Isay 2:11; Jak 4:6
p Isay 35:4
q Hu 62:1; IsiL 3:20, 21; Mik 7:7

Uhla 2

ISAHL. 32
a Isay 1:18; IzE 3:19
b Rom 4:7, 8
c IzA 28:13
d Hu 38:2
e Hu 38:18; Hu 51:4; 1Jo 1:9
f Lev 5:5; Hu 41:4
g 2Sa 12:13; Hu 86:5; Hu 103:3; Isay 44:22
h Hu 65:2, 3
i Hu 69:13; Isay 55:6
j Hu 9:9
k Eks 15:1; 2Sa 22:1
l Hu 86:11
m IzA 3:6
n IzA 26:3; Jer 8:6

Okumandla ako kumele
alawulwe ngetomu noma
ngomkhala
Ngaphambi kokuba kuso-
ndele kuwe."
10 Ziningi izinhlungu zomubi;
Kodwa othembela kuJeho-
va uvikelwe uthando lwa-
Khe oluqotho.[a]
11 Thokozani ngoJehova nija-
bule, nina enilungile;
Nimemeze ngenjabulo, no-
nke nina eniqotho enhlizi-
yweni.

33 Memezani ngenjabulo
ngenxa kaJehova nina
enilungile.[b]
Kuyafaneleka ukuba abaqo-
tho bamdumise.
2 Bongani uJehova ngeha-
bhu;
Mhubeleni* ngensimbi yo-
mculo enezintambo eziyi-
shumi.
3 Mhlabeleleni ingoma
entsha;[c]
Khiphani lonke ikhono eku-
dlaleni izinsimbi ezinezi-
ntambo, nimemeze nge-
njabulo.
4 Ngoba izwi likaJehova liqo-
tho,[d]
Singakwethemba konke
akwenzayo.
5 Uyakuthanda ukulunga no-
bulungisa.[e]
Umhlaba ugcwele uthando
lukaJehova oluqotho.[f]
6 Ngezwi likaJehova amazulu
enziwa,[g]
Nakho konke okukuwo*
ngomoya womlomo wa-
khe.
7 Ubuthela amanzi olwandle
ndawonye njengokunga-
thi ayidamu;[h]
Ufaka amanzi agubhayo
ezinqolobaneni.
8 Bonke abasemhlabeni ma-
bamesabe uJehova.[a]
Bonke abakhile emhlabeni
mabakhexe ngenxa ya-
khe.
9 Ngoba wakhipha izwi, kwa-
ba khona;[b]
Wayala, kwama kwaqina.[c]
10 UJehova uwabhuntshisile
amacebo* ezizwe;[d]
Uzibhuntshisile izinhlelo#
zezizwe.[e]
11 Kodwa izinqumo* zikaJe-
hova ziyokuma kuze kube
phakade;[f]
Imicabango yenhliziyo
yakhe isuka esizukulwa-
neni iye kwesinye isizuku-
lwane.
12 Siyajabula isizwe esinoNku-
lunkulu onguJehova,[g]
Isizwe asikhethile ukuba
sibe ngesakhe.[h]
13 UJehova ubheka phansi
esemazulwini;
Ubona wonke amadodana
abantu.[i]
14 Esendaweni ahlala kuyo,
Ubuka bonke abahlala
emhlabeni.
15 Nguye obumba izinhliziyo
zabo bonke;
Uhlola yonke imisebenzi
yabo.[j]
16 Ayikho inkosi esindiswa yi-
butho lempi elikhulu;[k]
Iqhawe alisindiswa ngama-
ndla alo.[l]
17 Ukuthembela ehhashini
ukuba likusindise* kuwu-
kuzikhohlisa;[m]
Ukuba kwalo namandla
amakhulu akusho ukuthi
uzophunyuka.

**ISAHL. 32**
a Hu 34:8; IzA 13:21; IzA 16:20

**ISAHL. 33**
b Flp 4:4
c Hu 40:3; Hu 98:1; Hu 149:1; Isay 42:10; IsA 5:9
d Hu 12:6
e Job 37:23; Hu 11:7; Hu 45:7
f Hu 145:16; IzE 14:17
g Heb 11:3
h Gen 1:9; Job 38:8-11; IzA 8:29; Jer 5:22

**Uhla 2**
a IsA 14:7
b Hu 148:4, 5
c Hu 119:90
d Isay 8:10; Isay 19:3
e Hu 21:8, 11
f IzA 19:21; Isay 46:10
g Dut 33:29
h Hu 65:4; Hu 135:4; 1Pe 2:9
i Hu 11:4; Hu 14:2; IzA 15:3; Heb 4:13
j 1Kr 28:9; Job 34:21; IzA 24:12
k Jos 11:6
l 2Kr 32:21; Hu 44:4, 5
m 2Kh 7:6, 7; Hu 20:7; IzA 21:31; Isay 31:1

**33:2** *Noma, "Mculeleni nidlale nezinsimbi." **33:6** *NgesiHebheru, "Nalo lonke ibutho lawo."

**33:10** *Noma, "injongo." #Noma, "imicabango." **33:11** *Noma, "izinhloso." **33:17** *Noma, "unqobe."

18 Bheka! Iso likaJehova liqapha abamesabayo,[a]
Labo abalinde uthando lwakhe oluqotho,
19 Ukuba abakhulule ekufeni
Nokuba abalonde ngesikhathi sendlala.[b]
20 Silindele uJehova.
Ungumsizi wethu nehawu lethu.[c]
21 Izinhliziyo zethu ziyajabula ngaye,
Ngoba sithembele egameni lakhe elingcwele.[d]
22 O Jehova, uthando lwakho oluqotho malube phezu kwethu,[e]
Njengoba sikulindile.[f]

ElikaDavide, ngesikhathi ezishaya ohlanyayo[g] phambi kuka-Abhimeleki, waze wamxosha, wahamba.

א [*Aleph*]

34 Ngizomdumisa uJehova ngazo zonke izikhathi;
Ngeke ngiyeke ukumdumisa.

ב [*Beth*]

2 Ngizoziqhayisa ngoJehova;[h]
Abamnene bayozwa bajabule.

ג [*Gimel*]

3 Dumisani uJehova kanye nami;[i]
Masiliphakamise kanyekanye igama lakhe.

ד [*Daleth*]

4 Ngambuza uJehova, wangiphendula.[j]
Wangikhulula kukho konke engikwesabayo.[k]

ה [*He*]

5 Bayajabula labo abathembela kuye;
Ngeke baphoxeke.

ז [*Zayin*]

6 Lona ohluphekile wakhala, uJehova wezwa.
Wamsindisa kuzo zonke izingcindezi zakhe.[l]

ח [*Heth*]

7 Ingelosi kaJehova ivikela labo abamesabayo,[a]
Iyabakhulula.[b]

ט [*Teth*]

8 Nambithani nibone ukuthi uJehova muhle;[c]
Uyajabula umuntu ophephela kuye.

י [*Yod*]

9 Mesabeni uJehova, nonke nina bantu bakhe abangcwele,
Ngoba labo abamesabayo abasweli lutho.[d]

כ [*Kaph*]

10 Ngisho namabhubesi asemancane anamandla* akhungethwe yindlala,
Kodwa labo abafuna uJehova, ngeke baswele lutho oluhle.[e]

ל [*Lamed*]

11 Wozani madodana ami, ngilaleleni;
Ngizonifundisa ukumesaba uJehova.[f]

מ [*Mem*]

12 Ngubani phakathi kwenu okujabulelayo ukuphila
Ongathanda ukuphila isikhathi eside ukuze abone izinto ezinhle?[g]

נ [*Nun*]

13 Khona-ke qapha ulimi lwakho kokubi,[h]
Nezindebe zakho ekukhohliseni.[i]

ס [*Samekh*]

14 Fulathela okubi, wenze okuhle;[j]
Funa ukuthula, uzame ukukulondoloza.[k]

ע [*Ayin*]

15 Amehlo kaJehova akwabalungile,[l]

---

**34:10** *Noma, "namabhubesi asemancane anomhlwenga."

ISAHL. 33
a Job 36:7; Hu 34:15
b Isay 33:15, 16
c Dut 33:29
d Hu 28:7; IzA 18:10
e Hu 32:10
f Mik 7:7

ISAHL. 34
g 1Sa 21:12, 13
h Jer 9:24; 1Ko 1:31
i Hu 35:27
j Heb 5:7
k Hu 18:48
l 2Sa 22:1

Uhla 2
a 2Kh 6:17; Hu 91:11; Mat 18:10; Heb 1:7, 14
b 2Kh 19:35; Dan 6:22; IzE 5:18, 19; IzE 12:11
c 1Pe 2:3
d Hu 23:1; Flp 4:19
e Hu 23:6; Hu 84:11
f Job 28:28; IzA 1:7; IzA 8:13
g Dut 6:1, 2; Dut 30:19, 20; 1Pe 3:10-12
h Jak 1:26; Jak 3:8
i IzA 12:19; IzA 15:4; 1Pe 2:1
j Hu 37:27; Hu 97:10; Amo 5:15; Rom 12:9
k Mat 5:9; Heb 12:14
l Job 36:7; Hu 33:18

Nezindlebe zakhe ziyalalela
lapho bekhalela usizo.[a]

פ [*Pe*]

16 Kodwa uJehova umelene
nabenza okubi,
Ukuze abenze bangakhu-
njulwa emhlabeni.[b]

צ [*Tsade*]

17 Bakhala, uJehova wezwa;[c]
Wabakhulula kuzo zonke
izingcindezi zabo.[d]

ק [*Qoph*]

18 UJehova useduze nalabo
abaphukile
enhliziyweni;[e]
Uyabasindisa
abadangele.*[f]

ר [*Resh*]

19 Ziningi izinhlupheko* zolu-
ngile,[g]
Kodwa uJehova umkhulula
kuzo zonke.[h]

ש [*Shin*]

20 Uqapha wonke amathambo
akhe;
Akukho nelilodwa lawo eli-
phuliwe.[i]

ת [*Taw*]

21 Inhlekelele iyombulala
omubi;
Labo abazonda olungile ba-
yotholakala benecala.
22 UJehova usindisa ukuphila
kwezinceku zakhe;
Akekho noyedwa kulabo
abaphephela kuye oyo-
tholakala enecala.[j]

ElikaDavide.

**35** O Jehova, mela icala
lami kulabo abaphiki-
sana nami;[k]
Yilwa nalabo abalwa nami.[l]
2 Thatha ihawu lakho elinca-
ne nehawu elikhulu,[m]
Uphakame ukuze ungivi-
kele.[n]
3 Phakamisa umkhonto ne-
mbazo* yempi ngokume-
lene nabangijahayo.[a]
Yithi kimi: "Ngiyinsindiso
yakho."[b]
4 Kwangathi labo abazingela
ukuphila kwami banga-
hlazeka balulazeke.[c]
Kwangathi labo abaceba
ukungibulala bangabale-
ka behlazekile.
5 Kwangathi bangaba nje-
ngamakhoba apheshulwa
umoya;
Kwangathi ingelosi kaJeho-
va ingabaxosha.[d]
6 Kwangathi indlela yabo
ingaba mnyama ishelele
Njengoba ingelosi kaJeho-
va ibajaha.
7 Ngoba bangifihlele inethi
ukuze bangicuphe nga-
phandle kwesizathu;
Bangimbele* umgodi nga-
phandle kwesizathu.
8 Kwangathi bangehlelwa yi-
nhlekelele
bengalindele;
Kwangathi bangabanjwa yi-
nethi abalifihlile;
Kwangathi bangawela kulo
bafe.[e]
9 Kodwa mina ngizojabula*
ngoJehova;
Ngizothokoza ngensindiso
yakhe.
10 Mangithi ngenhliziyo yami
yonke:
"O Jehova, ngubani onje-
ngawe?
Ukhulula ohluphekile kula-
bo abanamandla,[f]
Ukhulule ohluphekile no-
mpofu kulabo abampha-
ngayo?"[g]

---

**34:18** *Noma, "abanomoya ochobozekile." **34:19** *Noma, "izinhlekelele."

**35:3** *Noma, "nembazo esika nhlangothi zombili." **35:7** *Noma, "Umphefumulo wami bawumbele." **35:9** *Noma, "umphefumulo wami uzojabula."

---

**ISAHL. 34**
*a* Hu 18:6; Isay 59:1
*b* Hu 37:10; IzA 10:7
*c* Hu 145:18, 19
*d* 2Kr 32:22; IzE 12:11
*e* Hu 147:3; Isay 61:1
*f* Hu 51:17; Isay 57:15; Isay 66:2
*g* IzA 24:16; 2Ti 3:12
*h* Dan 6:21, 22; 1Ko 10:13
*i* Joh 19:36
*j* Hu 84:11

**ISAHL. 35**
*k* 1Sa 24:15
*l* Hu 3:7
*m* Eks 15:3
*n* Isay 42:13

**Uhla 2**
*a* 1Sa 23:26
*b* Isay 12:2
*c* Jer 17:18
*d* Eks 14:19, 20; Isay 37:36
*e* Hu 57:6; Hu 141:10
*f* Hu 18:17
*g* Hu 40:17; IzA 22:22, 23

11 Kuvela ofakazi abangalungile,[a]
Bangibuza ngezinto engingazi lutho ngazo.
12 Bangibuyisela ngokubi kokuhle engikwenzile,[b]
Bangenza ngizizwe ngisosizini.
13 Kodwa lapho begula, ngembatha indwangu yesaka;
Ngazihlupha* ngokuzila ukudla,
Lapho umthandazo wami ungaphendulwa,#
14 Ngahambahamba ngilila njengokungathi ngililela umngani noma umfowethu;
Ngakhothama ngisosizini njengomuntu olilela unina.
15 Kodwa lapho ngikhubeka, bajabula babuthana ndawonye;
Babuthana ndawonye ukuze bangihlasele;
Bangidwengula ngaba yizicucu futhi abazange bathule.
16 Abangamhloniphi uNkulunkulu bangihleka usulu,*
Bangigedlela amazinyo abo.[c]
17 O Jehova, kuyoze kube nini ulokhu ubukele?[d]
Ngisindise ekuhlaseleni kwabo,[e]
Usindise ukuphila kwami okuyigugu* emabhubesini.#[f]
18 Khona-ke ngiyokubonga ebandleni elikhulu;[a]
Ngiyokudumisa phakathi kwabantu abaningi.
19 Ungabavumeli labo abayizitha zami ngaphandle kwesizathu bajabule ngami;
Ungabavumeli labo abangizonda ngaphandle kwesizathu[b] ukuba bacifelane iso ngezinhloso ezimbi.[c]
20 Ngoba abakhulumi amazwi okuthula,
Kodwa baceba amanga ngabantu bezwe abanokuthula.[d]
21 Bawuvula kakhulu umlomo wabo ukuze bangidelele,
Bathi: "Nakho-ke! Nakho-ke! Sikubonile ukuwa kwakhe."
22 O Jehova, ukubonile lokhu. Ungathuli.[e]
O Jehova, ungabi kude nami.[f]
23 Vuka, sukuma ungivikele,
Nkulunkulu wami, Jehova, ngivikele ecaleni lami lomthetho.
24 O Jehova Nkulunkulu wami, ngahlulele ngokokulunga kwakho;[g]
Ungabavumeli bajabule ngami.
25 Kwangathi bangelokothe bathi enhliziyweni yabo: "Nakho-ke! Sikutholile ebesikufuna."
Kwangathi bangelokothe bathi: "Siqedile ngaye."[h]
26 Mababe namahloni bahlazeke bonke,
Labo abasizakala ngenhlekelele yami.
Mababe namahloni balulazeke labo abaziphakamisayo kimi.
27 Kodwa labo abathokoza ngokulunga kwami mabamemeze ngenjabulo;

---

**35:13** *Noma, "Ngahlupha umphefumulo wami." #Noma, "ubuyela esifubeni sami." **35:16** *Noma kungaba, "Abangamkhulekeli uNkulunkulu bahleka usulu ukuze bathole ucezu lwesinkwa." **35:17** *NgesiHebheru, "Okuwukuphela kwakho," kubhekiselwa emphefumulweni wakhe noma ukuphila kwakhe. #Noma, "emabhubesini asemancane anomhlwenga."

ISAHL. 35
a Hu 27:12; Mat 26:59
b 1Sa 19:4, 5; 1Sa 20:33; Jer 18:20
c Hu 37:12
d Hab 1:13
e Hu 142:6
f Hu 22:20; Hu 57:4

Uhla 2
a Hu 22:22
b Hu 69:4; Joh 15:24, 25
c IzA 6:12, 13
d Hu 31:13; Jer 11:19; Mat 26:4
e Hu 28:1
f Hu 10:1; Hu 71:12
g Hu 26:1; Hu 96:13
h Hu 41:1, 2

Kwangathi njalo bangathi:
"Makadunyiswe uJehova,
ojabula ngokuthula kwe-
nceku yakhe."[a]
28 Ulimi lwami luyokhuluma*
ngokulunga kwakho[b]
Lukudumise usuku lonke.[c]

Kumqondisi.
Elenceku kaJehova, uDavide.

36 Isiphambeko sikhuluma
nomubi ekujuleni kwe-
nhliziyo yakhe;
Akamesabi uNkulunkulu.[d]
2 Imicabango yakhe iyam-
khohlisa
Kangangokuthi akasiboni
futhi akasizondi isipha-
mbeko sakhe.[e]
3 Amazwi omlomo wakhe
ayalimaza futhi ayakho-
hlisa;
Akaqondi ukuthi angakwe-
nza kanjani okuhle.
4 Uceba amacebo alimazayo
ngisho noma esembhede-
ni wakhe.
Usendleleni engalungile;
Akakwenqabi okubi.
5 O Jehova, uthando lwakho
oluqotho lufinyelela ema-
zulwini,[f]
Ukwethembeka kwakho ku-
finyelela emafwini.
6 Ukulunga kwakho kunje-
ngezintaba eziphakeme;*[g]
Izahlulelo zakho zinjenga-
manzi amaningi ajulile.[h]
O Jehova, ulondoloza#
umuntu nesilwane.[i]
7 Nkulunkulu, yeka ukuthi
uthando lwakho oluqotho
luyigugu kangakanani![j]
Abantwana babantu baba-
lekela
emthunzini wamaphiko
akho.[k]
8 Baphuza bazanelise nge-
nsada yendlu* yakho,[a]
Ubenza baphuze emfuleni
wenjabulo yakho.[b]
9 Ungumthombo wokuphila;[c]
Ngokukhanya kwakho si-
yakwazi ukubona ukukha-
nya.[d]
10 Qhubeka ubonisa uthando
lwakho oluqotho kulabo
abakwaziyo,[e]
Nokulunga kwakho, kulabo
abaqotho enhliziyweni.[f]
11 Ungaluvumeli unyawo
lwabaqhoshayo lunginya-
thele
Noma isandla sabantu aba-
bi ukuba singixoshe.
12 Abenzi bokubi bawile;
Bawiswe phansi, abakwazi
ukuvuka.[g]

ElikaDavide.
א [*Aleph*]

37 Ungathukutheli* ngenxa
yabantu ababi
Ungabi nomona ngabenza
okubi.[h]
2 Bayobuna ngokushesha
njengotshani[i]
Bayobuna njengotshani
obusha obuluhlaza.
ב [*Beth*]
3 Thembela kuJehova wenze
okuhle;[j]
Hlala emhlabeni,* wenze
ngokwethembeka.[k]
4 Jabula kakhulu* ngoJe-
hova,
Uyokunika izinto ezifiswa
yinhliziyo yakho.
ג [*Gimel*]
5 Vumela uJehova aqondise
indlela yakho;*[l]

---

**35:28** *Noma, "luyozindla." **36:6** *NgesiHebheru, "zikaNkulunkulu." #Noma, "usindisa."

**36:8** *NgesiHebheru, "ngamanoni endlu." **37:1** *Noma, "Ungafuthelani." **37:3** *Noma, "ezweni." **37:4** *Noma, "Thola intokozo enkulu." **37:5** *NgesiHebheru, "Gingqela indlela yakho kuJehova."

**ISAHL. 35**
a Hu 84:11; Hu 149:4
b Hu 51:14
c Hu 71:24

**ISAHL. 36**
d Rom 3:18
e Dut 29:19, 20
f Hu 103:11
g Hu 71:19
h Rom 11:33
i Hu 145:9; 1Ti 4:10
j Mik 7:18
k Rut 2:12; Hu 17:8; Hu 91:4

**Uhla 2**
a Hu 65:4
b Hu 16:11
c Job 33:4; Jer 2:13; IzE 17:28; IsA 4:11
d Hu 27:1; Hu 43:3; Jak 1:17; 1Pe 2:9
e Hu 103:17
f Hu 7:10; Hu 97:11
g Hu 1:5

**ISAHL. 37**
h Hu 73:3; IzA 23:17
i Hu 73:12, 19
j Isay 1:17; Heb 13:16
k IzA 28:20
l Hu 55:22; IzA 16:3

Thembela kuye, yena uyokusiza.[a]
6 Uyokwenza ukulunga kwakho kukhanye njengasekuseni,
Nobulungisa bakho njengelanga lasemini.

ד [*Daleth*]

7 Thula phambi kukaJehova[b]
Umlinde ngesineke.*
Ungamthukutheleli umuntu
Ophumelelayo emacebweni akhe.[c]

ה [*He*]

8 Hlukana nentukuthelo uyeke ulaka;[d]
Ungacasuki bese wenza okubi.*
9 Ngoba abantu ababi bazobhujiswa,[e]
Kodwa labo abathemba uJehova bayodla ifa lomhlaba.[f]

ו [*Waw*]

10 Sekusele isikhashana nje, ababi bazobe bengasekho;[g]
Uyoyibheka indawo yabo,
Bayobe bengekho.[h]
11 Kodwa abamnene bayodla ifa lomhlaba,[i]
Bayothola injabulo enkulu ngenxa yokuthula okuchichimayo.[j]

ז [*Zayin*]

12 Umuntu omubi wakhela olungile uzungu;[k]
Umgedlela amazinyo.
13 Kodwa uJehova uyomhleka,
Ngoba uyazi ukuthi usuku lwakhe luyeza.[l]

ח [*Heth*]

14 Ababi bahosha izinkemba zabo, bacibishela imicibisholo yabo
Ukuze bawise abacindezelwe nabampofu,
Ukuze babulale abaqotho endleleni yabo.
15 Kodwa inkemba yabo iyogwaza inhliziyo yabo;[a]
Imicibisholo yabo iyophulwa.

ט [*Teth*]

16 Kungcono okuncane kolungile
Kunensada yababi abaningi.[b]
17 Ngoba izingalo zababi ziyophulwa,
Kodwa uJehova uyomsekela olungile.

י [*Yod*]

18 UJehova uyakubona lokho abangenaphutha ababhekana nakho,*
Ifa labo liyohlala kuze kube phakade.[c]
19 Ngeke babe namahloni ngesikhathi senhlekelele;
Ngesikhathi sendlala bayoba nenala.

כ [*Kaph*]

20 Kodwa ababi bayoshabalala;[d]
Izitha zikaJehova ziyoshabalala njengamadlelo aluhlaza;
Ziyonyamalala njengentuthu.

ל [*Lamed*]

21 Omubi uyaboleka angabuyiseli,
Kodwa olungile unomusa* futhi uyaphana.[e]
22 Labo ababusiswe nguNkulunkulu bayodla ifa lomhlaba,
Kodwa labo abaqalekiswe nguYe bayobhujiswa.[f]

---

**37:7** *Noma, "ngokulangazela." **37:8** *Noma kungaba, "Ungathukutheli ngoba lokho kungakulimaza."

**37:18** *NgesiHebheru, "uyazibona izinsuku zabangenaphutha." **37:21** *Noma, "unesandla esivulekile."

**ISAHL. 37**
a Mat 6:33; Flp 4:6; 1Pe 5:6, 7
b Hu 62:1; IsiL 3:26
c Job 21:7; Hu 73:3; Jer 12:1
d IzA 14:29; Efe 4:26
e Hu 55:23
f Hu 25:12, 13; Hu 37:29; Mat 5:5; 2Pe 2:9
g Job 24:24
h 1Sa 25:39; Hu 52:4, 5
i Isay 45:18; Mat 5:5; IsA 21:3
j Hu 72:7; Hu 119:165; Isay 48:18
k 1Sa 18:21, 25
l 1Sa 26:9, 10

**Uhla 2**
a 2Sa 17:23; Est 7:10; Hu 7:15
b IzA 16:8; IzA 30:8, 9; 1Ti 6:6
c Hu 16:11
d IzA 10:7
e Dut 15:11; Job 31:16, 22; Hu 112:9; IzA 19:17
f Hu 37:9

מ [*Mem*]

23 UJehova uqondisa* izinyathelo zomuntu,[a]
Uma eyithanda indlela aphila ngayo.[b]

24 Nakuba engase akhubeke, ngeke awe phansi ngobuso,[c]
Ngoba uJehova umbamba ngesandla* amphakamise.[d]

נ [*Nun*]

25 Ngake ngaba musha, manje sengikhulile,
Kodwa angikaze ngimbone olungile eshiywe dengwane,[e]
Noma izingane zakhe ziswele ukudla.*[f]

26 Uhlale ebolekisa ngaphandle kokufuna inzalo,[g]
Izingane zakhe zilindelwe yizibusiso.

ס [*Samekh*]

27 Suka kokubi wenze okuhle,[h]
Khona-ke uyohlala emhlabeni kuze kube phakade.

28 Ngoba uJehova uyabuthanda ubulungisa,
Ngeke abashiye abantu bakhe abaqotho.[i]

ע [*Ayin*]

Bayohlale begadiwe;[j]
Kodwa inzalo yababi iyobhujiswa.[k]

29 Abalungile bayodla ifa lomhlaba,[l]
Bahlale kuwo kuze kube phakade.[m]

פ [*Pe*]

30 Umlomo wolungile ukhipha ukuhlakanipha,*
Nolimi lwakhe lukhuluma ngobulungisa.[n]

31 Umthetho kaNkulunkulu wakhe usenhliziyweni yakhe;[a]
Izinyawo zakhe ngeke zishelele.[b]

צ [*Tsade*]

32 Omubi ulinde olungile,
Ufuna ukumbulala.

33 Kodwa uJehova ngeke amnikele esandleni sakhe[c]
Noma athi unecala lapho ahlulelwa.[d]

ק [*Qoph*]

34 Themba uJehova, uhambe ngendlela yakhe,
Uyokuphakamisa ukuba udle ifa lomhlaba.
Uyobukela[e] lapho ababi bebhujiswa.[f]

ר [*Resh*]

35 Ngimbonile umuntu omubi nononya
Enaba njengesihlahla esikhephuzelayo emhlabathini waso.[g]

36 Kodwa wadlula ngokushesha futhi wayengasekho;[h]
Ngangilokhu ngimfuna kodwa akatholakalanga.[i]

ש [*Shin*]

37 Mqaphele ongasoleki,*
Ugcine oqotho[j] ephambi kwamehlo akho,
Ngoba ikusasa lalowo muntu liyoba nokuthula.[k]

38 Kodwa zonke izeqamthetho ziyobhujiswa;
Abantu ababi ngeke babe nalo ikusasa.[l]

ת [*Taw*]

39 Insindiso yabalungile ivela kuJehova;[m]
Uyinqaba yabo ngesikhathi sokucindezeleka.[n]

40 UJehova uyobasiza abakhulule.[o]

---

**37:23** *Noma, "uqinisa." **37:24** *Noma, "ngesandla saKhe." **37:25** *Noma, "isinkwa." **37:30** *Noma, "ukhuluma ukuhlakanipha ngezwi eliphansi."

**37:37** *Noma, "ogcina ubuqotho bakhe."

**ISAHL. 37**
a IzA 16:9
b IzA 11:20
c Hu 34:19; IzA 24:16
d Hu 91:11, 12
e Hu 94:14; Mat 6:33; Heb 13:5
f Dut 24:19; Hu 145:15; IzA 10:3
g Dut 15:7, 8; Hu 112:5
h Hu 34:14; Isay 1:17
i 2Sa 22:26
j Hu 97:10; IzA 2:7, 8
k IzA 2:22
l Dut 30:20; Hu 37:9; IzA 2:21; Mat 5:5
m Mat 25:46; IsA 21:3, 4
n Mat 12:35; Efe 4:29; Kol 4:6

**Uhla 2**
a Dut 6:6; Hu 40:8
b Hu 121:3
c 2Pe 2:9
d Hu 109:31
e Hu 52:5, 6
f Hu 37:22
g Est 5:11; Job 21:7
h Eks 15:9, 10
i Hu 37:10
j Job 1:1
k Job 42:12, 16
l Hu 1:4; IzA 10:7; 2Pe 2:9
m Isay 12:2
n Hu 9:9; Isay 33:2
o Isay 46:4; 1Ko 10:13

Uyobakhulula kubantu ababi abasindise,
Ngoba baphephela kuye.[a]

Ihubo likaDavide eliyisikhumbuzo.*

38 O Jehova, ungangisoli uthukuthele,
Ungangiqondisi ngolaka.[b]
2 Ngoba imicibisholo yakho ingene yajula ngaphakathi kimi,
Isandla sakho siyangicindezela.[c]
3 Wonke umzimba wami uyagula* ngenxa yentukuthelo yakho.
Akukho kuthula emathanjeni ami ngenxa yesono sami.[d]
4 Ngoba iziphambeko zami zinqwabelane zadlula ikhanda lami;[e]
Njengomthwalo osindayo, ziyangisinda kakhulu.
5 Amanxeba ami anuka kabi, ayabhibha,
Ngenxa yobuwula bami.
6 Ngicindezelekile, ngidikibele;
Usuku lonke ngihambahamba ngidabukile.
7 Ngiyasha ngaphakathi;*
Wonke umzimba wami uyagula.[f]
8 Sengindikindiki futhi ngidangele kakhulu;
Inhliziyo yami esosizini yenza ngibubule.*
9 O Jehova, uyazazi zonke izifiso zami,
Ukububula kwami akufihlekile kuwe.
10 Inhliziyo yami ishaya ngamandla, ngiphelelwe amandla,
Nokukhanya kwamehlo ami kungishiyile.[a]
11 Abangani bami nabantu engazana nabo bayangigwema ngenxa yenhlupho yami,
Nabajwayelene nami sebehambela kude.
12 Labo abazingela ukuphila kwami babeka izicupho;
Labo abazama ukungilimaza bakhuluma okubi;[b]
Bavungazela inkohliso usuku lonke.
13 Kodwa njengomuntu oyisithulu, ngeke ngilalele;[c]
Njengomuntu ongakhulumi,* ngeke ngiwuvule umlomo wami.[d]
14 Senginjengomuntu ongezwa,
Umlomo wami awunalutho ozolusho ukuze ngizivikele.
15 Ngoba ngalindela wena, Jehova,[e]
O Jehova Nkulunkulu wami, wangiphendula.[f]
16 Ngoba ngathi: “Kwangathi bangejabule ngami
Noma baziphakamise lapho unyawo lwami lushelela.”
17 Ngoba ngase ngizoquleka,
Ngangihlale ngizwa ubuhlungu.[g]
18 Ngangikhathazekile ngenxa yesono sami;[h]
Ngasivuma isiphambeko sami.[i]
19 Kodwa izitha zami zinomdlandla* namandla,#
Labo abangizonda ngaphandle kwesizathu sebebaningi.
20 Lapho ngenza okuhle bona benza okubi kimi;

38:0 *Noma, “lokukhumbuza.” 38:3 *NgesiHebheru, “Akukho ndawo ephilile enyameni yami.” 38:7 *NgesiHebheru, “Akukho ndawo engashi okhalweni lwami.” 38:8 *Noma, “ngibhonge.”

38:13 *Noma, “oyisimungulu.” 38:19 *NgesiHebheru, “zinempilo.” #Noma kungaba, “Kodwa nginezitha eziningi ngaphandle kwesizathu.”

ISAHL. 37
a Hu 22:4; Dan 3:17; Dan 6:23

ISAHL. 38
b Jer 10:24
c Hu 32:4
d Hu 6:2; Hu 41:4; Hu 51:8
e Ezr 9:6; Hu 40:12
f Hu 38:3

Uhla 2
a Hu 6:7
b 2Sa 16:7; Hu 62:4
c 2Sa 16:11
d Hu 39:2, 9
e 2Sa 16:12; Hu 123:2
f Hu 138:3
g Hu 77:2
h Hu 51:3
i Hu 32:5

Babemelana nami ngenxa
yokuphishekela kwami
okuhle.
21 O Jehova, ungangishiyi.
O Nkulunkulu, ungaqheleli
kude nami.[a]
22 Shesha uzongisiza,
Jehova msindisi wami.[b]

Kumqondisi; ngenothi leJeduthuni.*[c]
Ihubo likaDavide.

39 Ngathi: "Ngizoqapha izi-
nyathelo zami
Ukuze ngingoni ngolimi
lwami.[d]
Ngizofaka isifonyo emlo-
nyeni wami[e]
Uma nje kusekhona omubi
phambi kwami."
2 Ngaphelelwa amazwi nga-
thula;[f]
Angishongo lutho ngisho
nangokuhle,
Kodwa ubuhlungu engangi-
buzwa babubukhulu.
3 Inhliziyo yami yavutha nga-
phakathi kimi.
Lapho ngicabangisisa,*
umlilo waqhubeka uvu-
tha.
Ngakho ngakhuluma nga-
thi:
4 "O Jehova, ngisize ngazi
ukuthi siyoba yini isiphe-
tho sami,
Nezinsuku zokuphila
kwami,[g]
Ukuze ngazi ukuthi kufu-
shane kangakanani uku-
phila kwami.*
5 Ngempela wenze izinsuku
zami zaba mbalwa nje;*[h]
Nobude bokuphila
kwami buyize phambi
kwakho.[i]
Ngokuqinisekile wonke
umuntu, nakuba ebonaka-
la elondekile, akalutho
kodwa uwumoya okhi-
shwa ngamakhala.[a] (*Sela*)
6 Ukuphila komuntu kunje-
ngesithunzi.
Ugijimisa into* engekho.
Uqongelela ingcebo
engazi nokuthi ngubani
ozoyidla.[b]
7 Manje ngingathembela ku-
phi, Jehova?
Nguwena kuphela ithemba
lami.
8 Ngikhulule ekunqotshweni
yizeqo zami.[c]
Ungamvumeli oyisiwula
angibukele phansi.
9 Ngaqhubeka ngithule;
Nganginga kwazi ukuvula
umlomo wami,[d]
Ngoba nguwe obangele ko-
nke lokhu.[e]
10 Susa inhlupho yakho kimi.
Ngikhathele ngenxa yesa-
ndla sakho esingishayayo.
11 Uqondisa umuntu ngoku-
mjezisa ngenxa yesipha-
mbeko sakhe;[f]
Uyaziqeda izinto zakhe ezi-
yigugu njengoba nje inu-
ndu idla indwangu.
Ngokuqinisekile wonke
umuntu uwumoya okhi-
shwa ngamakhala.[g] (*Sela*)
12 O Jehova, yizwa umthanda-
zo wami,
Lalela lapho ngikhalela
usizo.[h]
Ungazishalazeleli izinye-
mbezi zami.
Ngoba mina ngiyisifiki nje
kuwe,[i]
Isihambi esidlulayo* nje-
ngabo bonke okhokho
bami.[j]

ISAHL. 38
a Hu 22:11; Hu 35:22
b Hu 27:1; Hu 62:2; Isay 12:2

ISAHL. 39
c 1Kr 16:41; 1Kr 25:1
d IzA 18:21
e Hu 141:3
f Hu 38:13; Mat 27:12; 1Pe 2:23
g Hu 90:12
h Hu 90:9; Jak 4:14
i Hu 90:4

Uhla 2
a Hu 62:9; Hu 144:4
b Hu 49:10; Shu 2:18, 19; Shu 4:8; Luk 12:19, 20
c Hu 25:11; Mik 7:19
d Job 40:4; Hu 38:13
e 2Sa 16:10
f Hu 90:8
g Hu 39:5; Hu 102:11
h Hu 28:1
i Lev 25:23; 1Kr 29:15
j Heb 11:13

**39:0** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **39:3** *Noma, "ngiquma." **39:4** *Noma, "ukuthi ngiyadlula." **39:5** *NgesiHebheru, "zaba ngangobubanzi besandla."

**39:6** *NgesiHebheru, "Ubanga umsindo ngento." **39:12** *Noma, "Isifiki."

13 Yeka ukungibuka ngentu-
kuthelo ukuze ngiphinde
ngijabule
Ngaphambi kokuba
ngife, ngingabe ngisaba
khona."

Kumqondisi.
Ihubo likaDavide.

**40** Ngathemba uJehova
ngobuqotho,*
Ngakho wangilalela,# wa-
kuzwa ukukhalela kwami
usizo.[a]
2 Wangikhipha emgodini ona-
manzi ahlokomayo,
Odakeni olubishayo.
Wabeka izinyawo zami
edwaleni;
Wangihambisa emhlabathi-
ni owomile.
3 Wafaka ingoma entsha
emlonyeni wami,[b]
Ingoma yokudumisa uNku-
lunkulu wethu.
Abaningi bayokubona lo-
kho uNkulunkulu akwe-
nzile bamangale,
Bathembele kuJehova.
4 Uyajabula umuntu othe-
mbela kuJehova
Ongathembeli kubantu
abadelelayo noma aba-
khohlisayo.*
5 Miningi imisebenzi yakho
emangalisayo osenzele
yona,
Jehova Nkulunkulu wami,
Ziningi izinto ozicabangayo
ngathi.[c]
Akekho noyedwa ongaqha-
thaniswa nawe;[d]
Ukube bengingazama uku-
landisa nokukhuluma
ngayo,
Ibiyoba miningi kakhulu
ukuba ngingayibala![e]
6 Awuzange uyifise* imihla-
tshelo neminikelo,[a]
Kodwa uzivulile izindlebe
zami ukuba ngizwe.[b]
Awuzange uwufune umni-
kelo oshiswayo nomnike-
lo wesono.[c]
7 Ngakho ngathi: "Bheka ngi-
zile.
Kulotshiwe ngami emqu-
lwini.*[d]
8 O Nkulunkulu wami, ku-
yangijabulisa* ukwenza
intando yakho,[e]
Nomthetho wakho usenhli-
ziyweni yami.[f]
9 Ngimemezela izindaba ezi-
nhle zokulunga ebandleni
elikhulu.[g]
Bheka! Angizivali izindebe
zami,[h]
O Jehova, njengoba nje
wazi kahle.
10 Angikumbozi ukulunga
kwakho enhliziyweni
yami.
Ngimemezela ukwethembe-
ka kwakho nensindiso ya-
kho.
Angilufihli uthando lwakho
oluqotho neqiniso lakho
ebandleni elikhulu."[i]
11 O Jehova, ungangigodleli
isihe sakho.
Kwangathi uthando lwakho
oluqotho neqiniso lakho
kungangiqapha njalo.[j]
12 Izinhlekelele ezingizungezi-
le ziningi kakhulu ukuba
ngingazibala.[k]
Iziphambeko zami eziningi
ziyangicindezela kanga-
ngokuthi angikwazi uku-
bona lapho ngiya khona;[l]
Ziningi kunezinwele zekha-
nda lami,
Ngidikibele.

---

**40:1** *Noma, "Ngamlinda ngesineke uJehova." #Noma, "wagoba ukuze alalele." **40:4** *Noma, "abanamanga."

**40:6** *Noma, "uyijabulele." **40:7** *NgesiHebheru, "emqulwini wencwadi." **40:8** *Noma, "kuyisifiso sami."

ISAHL. 40
a Hu 34:15
b Hu 33:3; Hu 98:1
c IsA 15:3
d Eks 15:11
e Hu 139:17, 18

Uhla 2
a 1Sa 15:22; Hu 51:16, 17; Hos 6:6
b Isay 50:5
c Heb 10:5-9
d Luk 24:44
e Joh 4:34
f Hu 37:31; Rom 7:22
g Hu 22:22
h Heb 13:15
i Heb 2:12
j Hu 61:6, 7
k Hu 71:20
l Hu 38:4

13 O Jehova, ngicela ungisindise.[a]
O Jehova, shesha uzongisiza.[b]
14 Kwangathi bonke labo abafuna ukungibulala
Bangaba namahloni bahlazeke.
Kwangathi labo abajabula ngenhlekelele yami
Bangabaleka behlazekile.
15 Kwangathi labo abathi kimi: “Uyalayeka! Uyalayeka!”
Bangashaqeka ngenxa yehlazo labo.
16 Kodwa kwangathi labo abakufunayo[c]
Bangajabula bathokoze ngawe.[d]
Kwangathi labo abathanda insindiso yakho bangahlale bethi:
“Makadunyiswe uJehova.”[e]
17 Kodwa mina ngicindezelekile futhi ngimpofu;
Kwangathi uJehova anganginaka.
Wena ungumsizi wami nomkhululi wami;[f]
O Nkulunkulu wami, ungalibali.[g]

Kumqondisi. Ihubo likaDavide.

41 Uyajabula umuntu omcabangelayo ophansi;[h]
UJehova uyomkhulula ngosuku lwenhlekelele.
2 UJehova uyomqapha, amlonde.
Kuyothiwa uyajabula emhlabeni;[i]
Ngeke anikelwe ezitheni zakhe.*[j]
3 UJehova uyomsekela okhukhweni lokugula;[k]
Uyomnakekela lapho egula.
4 Ngathi: “O Jehova, ngibonise umusa.[a]
Ngelaphe[b] ngoba ngonile kuwe.”[c]
5 Izitha zami zikhuluma okubi ngami zithi:
“Uyofa nini, igama lakhe lishabalale?”
6 Uma kufika omunye wazo ezongibona, inhliziyo yakhe ikhuluma amanga;
Ucabanga azokusho ukuze angilimaze;
Bese eyaphuma ayokhuluma ngakho kwabanye.
7 Bonke labo abangizondayo bahlebelana ngami;
Baceba okubi ngami, bathi:
8 “Wehlelwe yinto embi kakhulu;
Manje njengoba esewile ngeke aphinde avuke.”[d]
9 Ngisho nomuntu obenokuthula nami, ebengimethemba,[e]
Owayedla isinkwa sami, ungiphendukele.*[f]
10 Kodwa wena Jehova, ngibonise umusa ungivuse,
Ukuze ngiziphindiselele kubo.
11 Ngalokhu ngizokwazi ukuthi uyajabula ngami:
Lapho isitha sami singakwazi ukunginqoba.[g]
12 Mina uyangisekela ngenxa yobuqotho bami;[h]
Uyojabula ngami* kuze kube phakade.[i]
13 Kwangathi uJehova, uNkulunkulu ka-Israyeli angadunyiswa
Kuze kube phakade.*[j]
Amen, Amen.

ISAHL. 40
a Hu 25:17
b Hu 38:22; Hu 70:1-5
c Dut 4:29
d Hu 13:5
e Hu 35:27
f Hu 54:4; Isay 50:7; Heb 13:6
g Hu 143:7

ISAHL. 41
h Dut 15:7, 8; Hu 112:9; IzA 14:21; IzA 22:9
i Mat 5:7
j 2Pe 2:9
k 2Kh 20:5; Hu 103:3

Uhla 2
a Hu 51:1
b Hu 6:2; Hu 147:3
c Hu 32:5; Hu 38:3; IzA 28:13
d Hu 3:2; Hu 71:10, 11
e 2Sa 15:12; Job 19:19; Hu 55:12, 13
f Mar 14:18; Joh 13:18; Joh 13:26
g Hu 31:8; Jer 20:13
h Hu 25:21; IzA 2:7
i Hu 34:15
j 1Kr 16:36; 1Kr 29:10

41:2 *NgesiHebheru, “emphefumulweni wezitha zakhe.”

41:9 *NgesiHebheru, “ungiphakamisele isithende sakhe.” 41:12 *NgesiHebheru, “Uyongimisa phambi kobuso bakho.” 41:13 *Noma, “Kusukela phakade kuze kube phakade.”

## INCWADI YESIBILI
## (AmaHubo 42-72)

Kumqondisi.
Imaskili* lamadodana kaKhora.[a]

**42** Njengenyamazane elangazelela imifudlana yamanzi,
Nkulunkulu, ngikulangazelela* kanjalo.
2 Ngomele uNkulunkulu, uNkulunkulu ophilayo.[b]
Ngingavela nini phambi kukaNkulunkulu?*[c]
3 Ngihlale ngikhala imini nobusuku;
Usuku lonke abantu bayangiklolodela bathi: "Uphi uNkulunkulu wakho?"[d]
4 Lezi zinto ngiyazikhumbula, ngiveza imizwa yami,
Ngoba ngake ngahamba kanye nesixuku;
Ngangivame ukuhamba* phambi kwaso ngiye endlini kaNkulunkulu,
Ngomsindo wokujabula nokubonga,
Wesixuku esigubha umkhosi.[e]
5 Kungani ngiphelelwa yithemba?[f]
Kungani ngikhathazekile?
Ngizomlinda uNkulunkulu,[g]
Ngoba ngisazomdumisa njengoMsindisi wami Omkhulu.[h]
6 Ngiphelelwe yithemba, Nkulunkulu wami.[i]
Yingakho ngikukhumbula,[j]
Ngisezweni laseJordani naseziqongweni zeHermoni,
NgiseNtabeni iMizari.*
7 Amanzi ajulile abiza amanzi ajulile
Lapho kuzwakala umsindo wezimpophoma zakho.
Amagagasi akho agubhayo anjengezinkinga ezingihlasele.[a]
8 Emini uJehova uzongibonisa uthando lwakhe oluqotho,
Ebusuku ngizocula ngaye—ngizothandaza kuNkulunkulu wokuphila kwami.[b]
9 Ngizothi kuNkulunkulu, idwala lami:
"Kungani ungikhohliwe?[c]
Kungani kufanele ngihambe ngidabukile ngenxa yokucindezelwa yisitha sami?"[d]
10 Ngenzondo* izitha zami ziyangiklolodela;
Usuku lonke zingiklolodela zithi: "Uphi uNkulunkulu wakho?"[e]
11 Kungani ngiphelelwa yithemba?
Kungani ngikhathazekile?
Ngizomlinda uNkulunkulu,[f]
Ngoba ngisazomdumisa njengoMsindisi wami Omkhulu nanjengoNkulunkulu wami.[g]

**43** Ngahlulele Nkulunkulu,[h]
Ngimele ecaleni lami[i] lomthetho umelane nesizwe esingathembekile.
Ngikhulule kumuntu okhohlisayo nongalungile.
2 Ngoba wena unguNkulunkulu wami, inqaba yami.[j]
Ungilahleleni?
Kungani kumele ngihambahambe ngidabukile ngenxa yokucindezelwa yisitha sami?[k]

---

**ISAHL. 42**
a 2Kr 20:19
b Hu 63:1
c Hu 27:4; Hu 84:2
d Hu 3:2; Hu 42:10; Hu 79:10
e Dut 16:14, 16; 2Kr 30:23, 24
f Hu 55:4; Mar 14:34
g Hu 37:7; IsiL 3:24; Mik 7:7
h Hu 43:5
i Hu 22:1; Joh 12:27
j Jon 2:7

**Uhla 2**
a Hu 88:7
b Hu 27:1
c Hu 13:1
d Hu 38:6; Hu 43:2
e Hu 3:2; Hu 42:3; Hu 79:10
f Hu 37:7
g Hu 42:5; Hu 43:5

**ISAHL. 43**
h Hu 26:1; Hu 35:24
i Hu 35:1; IzA 22:22, 23
j Hu 28:7; Hu 140:7
k Hu 42:9

---

**42:0** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **42:1** *Noma, "umphefumulo wami ukulangazelela." **42:2** *NgesiHebheru, "Ngingaya nini endlini kaNkulunkulu." **42:4** *Noma, "ukuhamba kancane." **42:6** *Noma, "Ngisentabeni encane."

**42:10** *Noma kungaba, "Njengokungathi ziphula amathambo ami."

3 Thumela ukukhanya kwakho neqiniso lakho.[a]
Kwangathi kungangihola;[b]
Kwangathi kungangiholela entabeni yakho engcwele nasetabernakele lakho elikhulu.[c]
4 Khona-ke ngizoza e-altare likaNkulunkulu,[d]
Ngizojabula kakhulu ngoNkulunkulu wami.
O Nkulunkulu, Nkulunkulu wami, ngizokudumisa ngehabhu.[e]
5 Kungani ngiphelelwa yithemba,
Kungani ngikhathazekile?
Ngizomlinda uNkulunkulu,[f]
Ngoba ngisazomdumisa njengoMsindisi wami Omkhulu noNkulunkulu wami.[g]

Kumqondisi. Elamadodana kaKhora.[h] Imaskili.*

44 O Nkulunkulu, sizwile ngezindlebe zethu,
Okhokho bethu basitshelile,[i]
Ngezinto owazenza ezinsukwini zabo,
Ezinsukwini zasendulo.
2 Waxosha izizwe ngesandla sakho,[j]
Wabeka okhokho bethu endaweni yazo.[k]
Wanqoba izizwe wazixosha.[l]
3 Abazange balithathe ngenkemba yabo izwe,[m]
Abazange banqobe ngamandla abo.[n]
Kunalokho, banqoba ngesandla sakho sokudla nangamandla akho[o] nangomusa wakho,
Ngoba wawubathanda.[p]
4 O Nkulunkulu, wena uyiNkosi yami;[a]
Yenza* ukuba uJakobe anqobe ngokuphelele.#
5 Ngamandla akho sizozixosha izitha zethu;[b]
Ngegama lakho sizobanyathela abasivukelayo.[c]
6 Ngoba angithembele emnsalweni wami,
Inkemba yami ayikwazi ukungisindisa.[d]
7 Nguwe owasisindisa ezitheni zethu,[e]
Wabahlaza labo abasizondayo.
8 Sizomdumisa uNkulunkulu usuku lonke,
Sizolibonga igama lakho kuze kube phakade. (*Sela*)
9 Kodwa manje usilahlile wasilulaza,
Awuhambi namabutho ethu.
10 Ulokhu usenza ukuba sizibalekele izitha zethu;[f]
Labo abasizondayo bazithathela yonke into abayifunayo.
11 Usinikela njengezimvu ukuba basishwabadele;
Usihlakazele ezizweni.[g]
12 Uthengisa abantu bakho ngenani eliphansi;[h]
Awutholi nzuzo ngokubathengisa.*
13 Usenza sibe yisihlamba komakhelwane bethu,
Into yokwenziwa inhlekisa neyokwethukwa yilabo abasizungezile.
14 Usenza sibe yinto yokwedelelwa yizizwe,*[i]
Into yokunikinelwa ikhanda.

ISAHL. 43
a Hu 40:11 IzA 6:23
b Hu 5:8 Hu 27:11 Hu 143:10
c 1Kr 16:1 Hu 78:68, 69
d Hu 84:3
e 2Sa 6:5
f Hu 37:7
g Hu 42:5, 11

ISAHL. 44
h 2Kr 20:19
i Eks 13:14 Num 21:14 Hlu 6:13
j Dut 7:1
k Eks 15:17 Hu 78:55 Hu 80:8, 9
l Jos 10:5, 11 Hu 135:10, 11
m Dut 4:38 Jos 24:12
n 1Sa 12:22
o Isay 63:11-13
p Dut 7:7, 8

Uhla 2
a Hu 74:12 Isay 33:22
b Hu 18:39 Flp 4:13
c Hu 60:12
d 1Sa 17:45 Hu 20:7 Hu 33:16
e Jos 24:8
f Dut 28:15, 25
g Dut 28:64
h Dut 32:30
i Dut 28:37 2Kr 7:20

**44:0** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**44:4** *Noma, "Yala." #Noma, "athole insindiso enkulu." **44:12** *Noma, "ngentengo yabo." **44:14** *NgesiHebheru, "yisaga phakathi kwezizwe."

15 Ngizizwa ngihlazekile usuku lonke,
Ngimbozwe amahloni,
16 Ngenxa yokukloloda nenhlamba yazo,
Ngenxa yesitha sethu esiziphindiselelayo.
17 Konke lokhu kusehlele, kodwa asizange sikukhohlwe,
Asisephulanga isivumelwano sakho.[a]
18 Inhliziyo yethu ayiyekanga ukuba qotho;
Izinyathelo zethu aziphambuki endleleni yakho.
19 Kodwa usiphahlazele endaweni yezimpungushe;
Usimboze ngethunzi elimnyama.
20 Uma silikhohliwe igama likaNkulunkulu wethu
Noma uma selule izandla zethu sathandaza komunye unkulunkulu,
21 Ngeke yini uNkulunkulu akuthole lokhu?
Uyazazi izimfihlo zenhliziyo.[b]
22 Sibulawa usuku lonke ngenxa yakho;
Siphathiswa okwezimvu zokuhlatshwa.[c]
23 O Jehova, vuka. Kungani ulokhu ulele?[d]
Phaphama! Ungalokhu usilahla kuze kube phakade.[e]
24 Ubufihlelani ubuso bakho?
Kungani ukhohlwa ukuhlupheka nokucindezelwa kwethu?
25 Ngoba sehliselwe* othulini;
Imizimba yethu icindezelwe emhlabathini.[f]
26 Vuka usisize![g]
Sikhulule* ngenxa yothando lwakho oluqotho.[h]

**44:25** *Noma, "umphefumulo wethu wehliselwe." **44:26** *NgesiHebheru, "Sisindise."

ISAHL. 44
a Eks 34:10
b Hu 139:1 Shu 12:14 Jer 17:10
c Rom 8:36
d Hu 7:6 Hu 78:65, 66
e Job 13:24 Hu 13:1 Hu 88:14
f Hu 119:25
g Hu 33:20
h Hu 130:7

Uhla 2

ISAHL. 45
a 2Kr 20:19
b Hu 2:6
c Isay 8:1
d 2Sa 23:2 Ezr 7:6
e Joh 7:46
f Hu 72:17
g Isay 9:6
h IsA 1:16 IsA 19:15
i Heb 1:3
j IsA 6:2
k IsA 19:11
l Hu 2:9 2Th 1:7, 8
m IsA 17:14 IsA 19:19
n Hu 89:29, 36
o Isay 11:4 Jer 33:15 Heb 1:8, 9
p Heb 7:26
q Mat 7:23

Kumqondisi; ngenothi "Leminduze." Elamadodana kaKhora.[a] Imaskili.* Ingoma yothando.

**45** Inhliziyo yami igcwele izindaba ezinhle.
Ngithi: "Ingoma* yami iphathelene nenkosi."[b]
Kwangathi ulimi lwami lungaba ipeni#[c] lomkopishi△ onekhono.[d]
2 Wena umuhle kakhulu kunamadodana abantu.
Izindebe zakho ziphuma amazwi amnandi.[e]
Yingakho uNkulunkulu eyokunika izibusiso kuze kube phakade.[f]
3 O wena onamandla,[g] bophela inkemba yakho[h] okhalweni lwakho,
Zibhincise ngesithunzi sakho nangobukhazikhazi bakho.[i]
4 Ebukhazikhazini bakho qhubeka unqoba;*[j]
Gibela ihhashi lakho ulwele abathobekile neqiniso nokulunga,[k]
Isandla sakho sokudla siyofeza# izinto ezimangalisayo.
5 Imicibisholo yakho ibukhali, yenza izizwe ziwe phambi kwakho;[l]
Ihlaba izinhliziyo zezitha zenkosi.[m]
6 UNkulunkulu uyisihlalo sakho sobukhosi kuze kube phakade naphakade;[n]
Intonga* yombuso wakho iyintonga yobuqotho.#[o]
7 Wakuthanda ukulunga,[p] wabuzonda ububi.[q]

**45:0** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **45:1** *NgesiHebheru, "Imisebenzi." #Noma, "uthi lokubhala." △Noma, "lombhali." **45:4** *Noma, "uphumelela." #NgesiHebheru, "siyokufundisa." **45:6** *Noma, "Induku." #Noma, "yobulungisa."

Yingakho uNkulunkulu,
uNkulunkulu wakho, eku-
gcobe[a] ngamafutha okwe-
thaba[b] ukudlula abangani
bakho.
8 Zonke izingubo zakho zi-
qholwe ngemure, inhlaba
nekasiya;*
Esigodlweni esihle esihlo-
tshiswe ngezinyo lendlo-
vu, izinsimbi zomculo ezi-
nezintambo zikwenza uja-
bule.
9 Amadodakazi amakhosi
aphakathi kwabesifazane
bakho bodumo.
Indlovukazi imi ngase-
sandleni sakho sokudla,
ihlobe ngegolide lase-
Ofiri.[c]
10 O ndodakazi lalelisisa,
unake;
Khohlwa abantu bakini ne-
ndlu kayihlo.
11 Inkosi iyolangazelela ubu-
hle bakho,
Ngoba iyinkosi yakho,
Ngakho yikhothamele.
12 Indodakazi yaseThire iyoza
iphethe isipho;
Abantu abacebe kakhulu
bayofuna umusa wakho.*
13 Ngaphakathi esigodlweni*
indodakazi yenkosi iya-
khazimula;
Izingubo zayo zihlotshiswe
ngegolide.
14 Iyolethwa enkosini igqoke
izingubo ezelukwe ngobu-
ciko.*
Izintombi eziyilandelayo
ezingabangani bayo zile-
thwa kuwe.
15 Ziyolethwa ngokuthokoza
nangokujabula;
Ziyongena esigodlweni se-
nkosi.
16 Amadodana akho ayotha-
tha isikhundla sokhokho
bakho,
Uyowabeka abe yizikhulu
emhlabeni wonke.[a]
17 Ngiyokwenza igama lakho
laziwe kuzo zonke izizu-
kulwane ezizayo.[b]
Yingakho izizwe ziyokudu-
misa kuze kube phakade
naphakade.

Kumqondisi. Elamadodana kaKhora.[c]
Kusetshenziswa indlela yokucula
ye-Alamoti.* Ihubo.

**46** UNkulunkulu uyisiphe-
phelo namandla ethu,[d]
Usizo olutholakala ngoku-
shesha ngezikhathi zoku-
cindezeleka.[e]
2 Yingakho singeke sesabe,
ngisho noma umhlaba
ushintsha,
Noma izintaba zidilikela
ekujuleni kolwandle,[f]
3 Noma amanzi alo ehloko-
ma, ekhipha amagwebu,[g]
Noma izintaba zizamazama
ngenxa yokuyaluza kwalo.
(*Sela*)
4 Kukhona umfula onemifu-
dlana ethokozisa idolobha
likaNkulunkulu,[h]
Itabernakele elikhulu eli-
ngcwele loPhezukonke.
5 UNkulunkulu uphakathi
kuleli dolobha;[i] ngeke li-
nqotshwe.
UNkulunkulu uyolisiza ngo-
vivi lokusa.[j]
6 Izizwe zaxokozela, imibuso
yanqotshwa;
Wamemeza, umhlaba wa-
ncibilika.[k]
7 UJehova wamabutho una-
thi;[l]

ISAHL. 45
a Isay 61:1; IzE 10:38
b Hu 21:6
c Isay 13:12

Uhla 2
a Isay 32:1
b Hu 72:17

ISAHL. 46
c 2Kr 20:19
d IzA 14:26; Isay 25:4
e Dut 4:7; Hu 145:18, 19; Nah 1:7
f Isay 54:10
g Hu 93:4; Jer 5:22
h 2Kr 6:6
i Dut 23:14; Hu 132:13; Isay 12:6
j Eks 14:24
k Jos 2:24
l Jos 1:9; Jer 1:19; Rom 8:31

**45:8** *Isihlahla sesinamoni noma umkhiqizo waso. **45:12** *Noma, "bayothambisa ubuso bakho." **45:13** *NgesiHeberu, "Ngaphakathi." **45:14** *Noma kungaba, "ezihlotshisiwe."

**46:0** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

UNkulunkulu kaJakobe uyindawo yethu yokuphephela* elondekile. (*Sela*)
8 Wozani nibone imisebenzi kaJehova,
Ukuthi uzenze kanjani izinto ezimangalisayo emhlabeni.
9 Uqeda izimpi emhlabeni wonke.[a]
Uphula umnsalo anqamule umkhonto ube yizicucu;
Izinqola zempi uzishisa* ngomlilo.
10 "Celani umaluju, nazi ukuthi nginguNkulunkulu.
Ngizodunyiswa phakathi kwezizwe;[b]
Ngizodunyiswa emhlabeni."[c]
11 UJehova wamabutho unathi;[d]
UNkulunkulu kaJakobe uyindawo yethu yokuphephela elondekile.[e] (*Sela*)

Kumqondisi.
Elamadodana kaKhora.[f]
Ihubo.

**47** Shayani ihlombe, nonke nina zizwe.
Dumisani uNkulunkulu nimemeze ngenjabulo.
2 Ngoba uJehova oPhezukonke, uyamangalisa;[g]
UyiNkosi enkulu phezu kwawo wonke umhlaba.[h]
3 Uthobisa izizwe ngaphansi kwethu;
Ubeka izizwe ngaphansi kwezinyawo zethu.[i]
4 Usikhethela ifa,[j]
Iqholo likaJakobe, amthandayo.[k] (*Sela*)
5 UNkulunkulu ufikile, abantu bamemeza ngenjabulo;
UJehova ufike kwakhala uphondo.*
6 Hubelani* uNkulunkulu, hubani ingoma yokudumisa.
Hubelani iNkosi yethu, hubani ingoma yokudumisa.
7 Ngoba uNkulunkulu uyiNkosi yawo wonke umhlaba;[a]
Hubani ingoma yokudumisa, nibonise ukuqonda.
8 UNkulunkulu useyiNkosi phezu kwezizwe.[b]
UNkulunkulu uhleli esihlalweni sakhe sobukhosi esingcwele.
9 Abaholi bezizwe babuthene
Kanye nesizwe sikaNkulunkulu ka-Abrahama.
Ngoba ababusi* bomhlaba bangabakaNkulunkulu.
Uphakeme kakhulu.[c]

Ingoma.
Ihubo lamadodana kaKhora.[d]

**48** UJehova mkhulu, kumele adunyiswe kakhulu
Edolobheni likaNkulunkulu wethu, entabeni yakhe engcwele.
2 Lihle endaweni yalo ephakeme, umhlaba wonke uyajabula ngalo,[e]
INtaba iZiyoni ikude le enyakatho,
Idolobha leNkosi Enkulu.[f]
3 Emibhoshongweni yalo enezivikelo eziqinile,
UNkulunkulu ukwenze kwaziwa ukuthi uyindawo yokuphephela elondekile.*[g]
4 Ngoba amakhosi abuthene;*

---

**ISAHL. 46**
a Isay 11:9; Mik 4:3
b Isay 2:11
c 1Kr 29:11
d 2Kr 20:17
e Hu 48:3; Hu 125:2

**ISAHL. 47**
f 2Kr 20:19
g Hu 76:12
h Hu 22:28
i Dut 33:29
j Dut 9:5
k Dut 7:6; Mal 1:2

**Uhla 2**
a Jer 10:7; Zak 14:9
b 1Kr 16:31; Hu 96:10; Hu 97:1; IsA 19:6
c Hu 97:9

**ISAHL. 48**
d 2Kr 20:19
e IsiL 2:15
f Hu 47:8; Hu 135:21; Mat 5:34, 35
g Hu 125:1

---

**46:7** *Noma, "ephakeme." **46:9** *Noma kungaba, "Amahawu uwashisa." **47:5** *Noma, "uphondo lwenqama." **47:6** *Noma, "Culelani." **47:9** *NgesiHebheru, "amahawu." **48:3** *Noma, "uyindawo ephakeme elondekile." **48:4** *Noma, "ahlangene."

Afike ehamba ndawonye.
5 Lapho elibona, amangala.
Esaba abaleka ethukile.
6 Athuthumela lapho,
Abanjwa izinhlungu njengowesifazane obelethayo.
7 Uphihliza imikhumbi yaseTharishishi ngomoya wasempumalanga.
8 Sesizibonele ngawethu lokho esakuzwa
Edolobheni likaJehova wamabutho, edolobheni likaNkulunkulu wethu.
UNkulunkulu uzolenza lilondeke kuze kube phakade.[a] (*Sela*)
9 O Nkulunkulu, sizindla ngothando lwakho oluqotho,[b]
Siphakathi ethempelini lakho.
10 O Nkulunkulu, njengegama lakho, udumo lwakho
Lufinyelela emaphethelweni omhlaba.[c]
Isandla sakho sokudla sigcwele ukulunga.[d]
11 Kwangathi iNtaba iZiyoni[e] ingathokoza,
Kwangathi amadolobhana* akwaJuda angajabula, ngenxa yezahlulelo zakho.[f]
12 Zungezani iZiyoni, nilikake;
Balani imibhoshongo yalo.[g]
13 Nakisisani izindonga zalo.*[h]
Hlolani imibhoshongo yalo evikelekile,
Ukuze nilandise ngalo ezizukulwaneni ezizayo.
14 Ngoba lo Nkulunkulu unguNkulunkulu wethu[i] kuze kube phakade naphakade.
Uyosihola kuze kube phakade.*[j]

48:11 *NgesiHebheru, "amadodakazi." 48:13 *Noma, "izindonga zalo eziqinile." 48:14 *Noma kungaba, "kuze kube yilapho sifa."

ISAHL. 48
a Hu 87:5 Isay 2:2 Mik 4:1
b Hu 26:3 Hu 40:10 Hu 63:3
c Hu 113:3
d Hu 17:7 Hu 60:5 Hu 98:2
e Hu 78:68
f Hu 97:8
g Neh 12:38, 39
h Isay 26:1
i Hu 31:14
j Isay 58:11

Uhla 2

ISAHL. 49
a 2Kr 20:19
b Hu 143:5
c Hu 27:1
d Dut 8:17, 18 IzA 18:11
e Jer 9:23 1Ti 6:17
f IzA 11:4 Mat 16:26
g Hu 89:48
h Shu 2:16 Rom 5:12
i Hu 39:6 IzA 11:4 IzA 23:4 Shu 2:18 Luk 12:19, 20

Kumqondisi.
Elamadodana kaKhora.[a]
Ihubo

**49** Yizwani lokhu, nonke nina zizwe.
Lalelani, nonke nina enihlala emhlabeni,*
2 Abancane nabakhulu,
Abacebile nabampofu.
3 Ngizokhuluma amazwi abonisa ukuhlakanipha,
Nokuzindla kwenhliziyo yami[b] kuzongenza ngiqonde izinto ezijulile.
4 Ngizolalela isaga;
Ngizochaza isiphicaphicwano sami ngibe ngidlala ihabhu.
5 Kungani kufanele ngesabe ngezikhathi ezinzima,[c]
Lapho ngihlushwa yizenzo ezimbi zalabo abazama ukungiwisa?
6 Labo abathembela engcebweni yabo[d]
Abaqhosha ngengcebo yabo eningi,[e]
7 Akekho kubo ongahlenga umfowabo
Noma anike uNkulunkulu inhlawulo ngenxa yomfowabo,[f]
8 (Inani lokuhlenga* ukuphila kwabo liphakeme kakhulu
Kangangokuba lihlale lingaphezu kwamandla abo);
9 Ukuze aphile phakade angaliboni igodi.*[g]
10 Uyabona ukuthi ngisho nabahlakaniphile bayafa;
Oyisiphukuphuku nongenangqondo bashabalala ndawonye,[h]
Umcebo wabo kufanele bawushiyele abanye.[i]

49:1 *Noma, "eniphila kule nkathi." 49:8 *Noma, "lokukhulula." 49:9 *Noma, "ithuna."

11 Isifiso sabo esijulile siwu-
kuba izindlu zabo zihlale
kuze kube phakade,
Amatende abo ahlale izi-
zukulwane ngezizuku-
lwane.
Imihlaba yabo bayibiza nga-
magama abo.
12 Kodwa umuntu, nakuba
ehloniphekile, akanaku-
hlala ekhona;[a]
Akangcono kunezilwane
ezishabalalayo.[b]
13 Lesi yisiphetho sabayizi-
phukuphuku[c]
Nesalabo ababalandelayo,
abachazwa amazwi abo
angathi shu. (*Sela*)
14 Bayobulawa njengezimvu
bese beya eThuneni.*
Ukufa kuyobelusa;
Abaqotho bayobabusa[d]
ekuseni.
Bayonyamalala
unomphela;[e]
Indlu yabo kuyoba
yiThuna#[f] kunokuba kube
yisigodlo.[g]
15 Kodwa uNkulunkulu uyo-
ngikhulula emandleni#
eThuna,*[h]
Ngoba uyongikhipha kho-
na. (*Sela*)
16 Ungesabi lapho umuntu
eceba,
Lapho ubukhazikhazi be-
ndlu yakhe banda,
17 Ngoba lapho efa ngeke aha-
mbe nalutho;[i]
Ngeke angcwatshwe nobu-
khazikhazi bakhe.[j]
18 Ngoba lapho esaphila uya-
zihalalisela.[k]

**49:14, 15** *Noma, "eShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **49:14** #Noma, "yiShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **49:15** #NgesiHebheru, "esandleni."

**ISAHL. 49**
a Hu 39:5; Jak 1:11
b Hu 49:20
c Luk 12:19, 20
d Mal 4:3
e Hu 39:11
f Job 24:19
g 1Sa 2:6; Job 7:9
h Job 33:28; Hu 16:10; Hu 30:3; Hu 86:13
i Job 1:21; Shu 5:15; 1Ti 6:17
j Isay 10:3
k Luk 12:19

**Uhla 2**
a IzA 14:20
b Hu 49:12

**ISAHL. 50**
c 1Kr 25:1
d Hu 95:3
e Hu 48:2; IsiL 2:15
f Isay 65:6
g Eks 19:18; Dan 7:9, 10; Heb 12:29
h Hu 97:3, 4
i Dut 30:19; Dut 32:1; Isay 1:2
j Mik 6:2
k Eks 24:8
l Hu 75:7
m Neh 9:30; Hu 81:8

(Abantu bayakudumisa
uma ucebile.)[a]
19 Ekugcineni uyafa njengo-
khokho bakhe.
Bonke ngeke baphinde ba-
kubone ukukhanya.
20 Umuntu ongakuqondi lo-
khu, nakuba ehloniphe-
kile,[b]
Akangcono kunezilwane
ezishabalalayo.

Ihubo lika-Asafa.[c]

50 UNkulunkulu ophakeme
kunabanye onkulunku-
lu, uJehova,*[d]
ukhulumile;
Ubiza umhlaba
Kusukela ekuphumeni kwe-
langa kuze kube sekusho-
neni kwalo.#
2 UNkulunkulu uyakhanya
eseZiyoni, idolobha elihle
ngokuphelele.[e]
3 UNkulunkulu wethu uzofi-
ka futhi ngeke ahlale
ethule.[f]
Phambi kwakhe kukhona
umlilo oqothulayo,[g]
Kuvunguza isiphepho nxa-
zonke zakhe.[h]
4 Ubiza amazulu nomhlaba
njengofakazi,[i]
Ukuze ahlulele abantu ba-
khe:[j]
5 "Buthelani kimi abantu
bami abaqotho,
Labo abenza isivumelwano
nami ngomhlatshelo."[k]
6 Amazulu amemezela ukulu-
nga kwakhe,
Ngoba uNkulunkulu ungu-
Mahluleli.[l] (*Sela*)
7 "Lalelani bantu bami, mina
ngizokhuluma;
Israyeli, ngizonikeza ubufa-
kazi obukulahlayo.[m]

**50:1** *Noma, "Owaphezulu, uNkulunkulu, uJehova." #Noma, "Kusukela empumalanga kuye entshonalanga."

NginguNkulunkulu, uNkulunkulu wakho.[a]
8 Angikusoli ngenxa yemihlatshelo yakho,
Noma ngenxa yeminikelo yakho eshiswa ngokuphelele ehlale iphambi kwami.[b]
9 Akudingeki ngithathe inkunzi emzini wakho,
Noma izimbuzi* ezibayeni zakho.[c]
10 Ngoba zonke izilwane zasendle ezisemahlathini zingezami,[d]
Ngisho nezilwane ezikuzo zonke izintaba.
11 Ngizazi zonke izinyoni ezisezintabeni;[e]
Izilwane zasendle ezingenakubalwa zingezami.
12 Ukube bengilambile, bengingeke ngitshele wena,
Ngoba umhlaba nakho konke okukuwo kungokwami.[f]
13 Ngizoyidla yini inyama yezinkunzi
Ngiphuze negazi lezimbuzi?[g]
14 Nikela ukubonga njengomhlatshelo wakho kuNkulunkulu,[h]
Ugcwalise izifungo zakho koPhezukonke;[i]
15 Ngibize ngesikhathi sokucindezeleka.[j]
Ngizokukhulula, wena ungikhazimulise."[k]
16 Kodwa uNkulunkulu uyothi komubi:
"Unalungelo lini lokukhuluma ngeziqondiso zami,[l]
Noma lokukhuluma ngesivumelwano sami?[m]
17 Ngoba uyasizonda isiyalo,*
Ulokhu ungawalaleli amazwi ami.*[a]
18 Lapho ubona isela, usebenzelana nalo,*[b]
Uphila neziphingi.
19 Umlomo wakho uwusebenzisela ukukhuluma izinto ezimbi,
Inkohliso inamathele olimini lwakho.[c]
20 Uhlala phansi ukhulume kabi ngomfowenu;[d]
Udalula amaphutha omfowenu.*
21 Lapho wenza lezi zinto, ngathula,
Wawucabanga ukuthi ngizofana nawe.
Kodwa manje ngizokusola,
Ngizowasho amacala engikubeka wona.[e]
22 Ngicela nicabange ngalokhu, nina enikhohlwa uNkulunkulu,[f]
Ukuze nginganidwenguli nibe yizicucu ebe engekho ozonikhulula.
23 Lowo onikela ukubonga njengomhlatshelo wakhe uyangikhazimulisa,[g]
Lowo olandela inkambo yokulunga,
Ngizomenza abone insindiso kaNkulunkulu."[h]

Kumqondisi. Ihubo likaDavide, lapho uNathani umprofethi efika kuye ngemva kokuba uDavide elale noBhati-sheba.[i]

**51** O Nkulunkulu, ngibonise umusa ngenxa yothando lwakho oluqotho.[j]
Sula izeqo zami ngokuvumelana nesihe sakho esikhulu.[k]
2 Ngigezisise esiphambekweni sami,[l]

50:9 *NgesiHebheru, "izimpongo." 50:17 *Noma, "isiqondiso."

50:17 *NgesiHebheru, "uphonsa amazwi ami emva kwakho." 50:18 *Noma kungaba, "uhlanganyela kanye nalo." 50:20 *Noma, "Ulimaza idumela lomfowenu."

ISAHL. 50
a Eks 20:2
b 1Sa 15:22, Isay 1:11, Jer 7:22, 23, Hos 6:6
c Mik 6:7
d 1Kr 29:14, IzE 17:24
e Job 38:41
f Dut 10:14, Job 41:11, 1Ko 10:26
g Mik 6:6-8
h Hu 69:30, 31, IzA 21:3, Hos 6:6, Heb 13:15
i Dut 23:21, Hu 76:11, Shu 5:4
j 2Kr 33:12, 13, Hu 91:15
k Hu 22:21-23, Hu 50:23
l Jer 7:4, Mat 7:22, 23, Rom 2:21
m Dut 31:20, Heb 8:9

Uhla 2
a Neh 9:26, Isay 5:24
b Isay 5:22, 23
c Jer 9:5
d Lev 19:16
e Hu 50:4, Shu 12:14
f Hu 9:17, Jer 2:32, Hos 4:6
g 1Th 5:18, Heb 13:15
h Mik 6:8

ISAHL. 51
i 2Sa 11:3
j Num 14:18, Hu 25:7, Hu 41:4
k Hu 103:13, IzA 28:13, Isay 43:25, Isay 44:22
l Isay 1:18, 1Ko 6:11

Ungihlanze esonweni
sami.[a]
3 Ngoba ngizazi kahle iziphambeko zami,
Nesono sami ngihlale ngicabanga ngaso.*[b]
4 Ngone kuwe—wena wedwa;*[c]
Ngenze okubi emehlweni akho.[d]
Ngakho-ke, ulungile lapho ukhuluma,
Ulungile lapho wahlulela.[e]
5 Bheka! Ngazalwa nginesono,
Umama wangikhulelwa esonweni.*[f]
6 Bheka! Inhliziyo yakho iyalithanda iqiniso;[g]
Fundisa inhliziyo yami* ukuhlakanipha kwangempela.
7 Ngihlanze esonweni sami ngehisopi, ukuze ngihlanzeke;[h]
Ngigeze ukuze ngibe mhlophe kuneqhwa.[i]
8 Mangizwe umsindo wokujabula nowokuthokoza,
Ukuze amathambo owaphulile elapheke.*[j]
9 Ngixolele izono zami,*[k]
Uzesule zonke izono zami,[l]
10 O Nkulunkulu, hlanza inhliziyo yami,[m]
Ufake ngaphakathi kimi umoya omusha,[n] ozongisiza ngibe qotho.
11 Ungangixoshi phambi kwakho;
Ungawususi umoya wakho ongcwele kimi.
12 Buyisela kimi injabulo engayizwa lapho ungisindisa;[a]
Ngenze ngibe nesifiso sokufuna ukukulalela.*
13 Ngizofundisa izeqamthetho izindlela zakho,[b]
Ukuze izoni zibuyele kuwe.
14 O Nkulunkulu, ngikhulule ekubeni necala legazi,[c] Nkulunkulu wensindiso yami,[d]
Ukuze ulimi lwami lumemezele ukulunga kwakho ngenjabulo.[e]
15 O Jehova, vula umlomo wami,
Ukuze ngimemezele udumo lwakho.[f]
16 Ngoba awuwufuni umhlatshelo—ukube ubuwufuna bengizowunikela;[g]
Awujatshuliswa umnikelo oshiswayo ophelele.[h]
17 Imihlatshelo ejabulisa uNkulunkulu iwumoya ophukile;
O Nkulunkulu, inhliziyo ephukile nedabukile uyoyamukela.*[i]
18 Yenzela iZiyoni okuhle;
Yakha izindonga zeJerusalema.
19 Khona-ke iyokujabulisa imihlatshelo yokulunga,
Imihlatshelo eshiswayo neminikelo ephelele;
Khona-ke izinkunzi ziyonikelwa e-altare lakho.[j]

Kumqondisi. Imaskili.* ElikaDavide, lapho uDowegi umEdomi efika etshela uSawule ukuthi uDavide ufikile endlini ka-Ahimeleki.[k]

52 Wena onamandla, kungani uziqhayisa ngezenzo zakho ezimbi?[l]
Uthando oluqotho lukaNkulunkulu luhlala njalo.[m]

---

**51:3** *Noma, "sihlale siphambi kwami." **51:4** *NgesiHebheru, "ngaphezu kwabo bonke." **51:5** *Noma, "Ngaba nesono lapho nje umama engikhulelwa." **51:6** *Noma, "ingaphakathi lami." **51:8** *NgesiHebheru, "ajabule." **51:9** *Noma, "Fihla ubuso bakho ezonweni zami." **51:12** *NgesiHebheru, "Kwangathi ungangisekela unginike umoya ovumayo." **51:17** *Noma, "ngeke uyidelele." **52:0** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**ISAHL. 51**
a Heb 9:13, 14; 1Jo 1:7
b Hu 32:5; Hu 40:12
c Gen 39:9; 2Sa 12:13
d 2Sa 12:9; Hu 38:18
e Rom 3:4
f Job 14:4; Rom 3:23; Rom 5:12
g 1Sa 16:7; 2Kh 20:3; 1Kr 29:17
h Lev 14:3, 4; Heb 9:13, 14
i Isay 1:18
j Hu 6:2; Hu 38:3; Isay 57:15
k Hu 103:12; Isay 38:17
l Mik 7:19
m Jer 32:39
n Hez 11:19; Efe 4:23

**Uhla 2**
a Hu 21:1
b IzE 2:38
c Gen 9:6
d Hu 38:22; Isay 12:2; IsA 7:10
e Neh 9:33; Hu 35:28; Hu 59:16; Dan 9:7
f Hu 34:1; Hu 109:30; Heb 13:15
g IzA 21:3
h 1Sa 15:22; Hu 40:6; Hos 6:6
i 2Kh 22:18, 19; 2Kr 33:13; Hu 22:24; Hu 34:18; IzA 28:13; Isay 57:15; Luk 15:22-24; Luk 18:13, 14
j Hos 14:2

**ISAHL. 52**
k 1Sa 22:9
l 1Sa 21:7; Hu 94:3, 4
m Hu 103:17

2 Ulimi lwakho lubukhali nje-
ngensingo,*[a]
Luceba okulimazayo, luya-
khohlisa.[b]
3 Uthanda okubi ngaphezu
kokuhle,
Uthanda ukuqamba ama-
nga ngaphezu kokukhulu-
ma okuyiqiniso. (*Sela*)
4 Uthanda wonke amazwi ali-
mazayo,
Wena lulimi olukhohlisayo!
5 Yingakho uNkulunkulu ezo-
kudiliza, kuphele
ngawe;[c]
Uzokuhlwitha akususe ete-
ndeni lakho;[d]
Uzokusiphula emhlabeni.[e]
(*Sela*)
6 Abalungile bazokubona lo-
khu bamangale,[f]
Bazomhleka
okhohlisayo.[g]
7 "Nansi indoda engamenza-
nga uNkulunkulu isiphe-
phelo sayo,*[h]
Kodwa yathembela engce-
bweni yayo eningi,[i]
Yathembela nasemacebwe-
ni ayo amabi."#
8 Kodwa mina ngizoba nje-
ngesihlahla somnqumo
esikhephuzelayo endlini
kaNkulunkulu;
Ngithembele othandweni
lukaNkulunkulu oluqotho[j]
kuze kube phakade na-
phakade.
9 Ngizokudumisa kuze kube
phakade ngoba uthathe
isinyathelo;[k]
Phambi kwabantu bakho
abaqotho,
Ngizothembela egameni la-
kho,[l] ngoba kuhle.

52:2 *Noma, "njengereyiza." 52:7 *Noma, "inqaba yayo." #NgesiHebheru, "Yakhosela kokubi okubangelwe yiyo."

ISAHL. 52
a Hu 57:4
Hu 59:7
b 1Sa 22:9, 18
Hu 109:2
c IzA 12:19
IzA 19:9
d Hu 37:9
e IzA 2:22
f Hu 37:34
g Hu 58:10
h Jer 17:5
i Hu 49:6, 7
IzA 11:28
j Hu 13:5
Hu 147:11
k Hu 50:15
l Hu 27:14
Hu 123:2
IzA 18:10

Uhla 2

ISAHL. 53
a Hu 10:4
Rom 1:21
b Hu 14:1-7
Rom 3:10
c Hu 11:4
Hu 33:13-15
Jer 16:17
Jer 23:24
d 1Kr 28:9
2Kr 15:2
2Kr 19:1, 3
Isay 55:6
1Pe 3:12
e Shu 7:20
Rom 3:12
f Job 21:7, 14
g Isay 12:6

Kumqondisi; ngendlela yokucula iMahalati.* Imaskili.* ElikaDavide.

53 Isiwula* sithi enhliziywe-
ni yaso:
"Akekho uJehova."[a]
Izenzo ezingalungile zaba-
ntu abayiziwula zonakele
futhi ziyenyanyeka;
Akekho owenza okuhle.[b]
2 Kodwa uNkulunkulu ubhe-
ka phansi kubantwana ba-
bantu esezulwini[c]
Ukuze abone ukuthi ukho-
na yini onokuqonda, uku-
thi ukhona yini ofuna
uJehova.[d]
3 Bonke baphambukile;
Bonke bonakele ngokufa-
nayo.
Akekho owenza okuhle,
Akekho ngisho noyedwa.[e]
4 Akekho yini kwabenza oku-
bi oqondayo?
Bashwabadela abantu bami
njengokungathi badla isi-
nkwa.
Abambizi uJehova.[f]
5 Kodwa bayokwesaba ka-
khulu,
Bayokwesaba ngendlela
abangakaze besabe ngayo
ngaphambili,*
Ngoba uNkulunkulu uyowa-
hlakaza amathambo ala-
bo abahlasela u-Israyeli.#
U-Israyeli uyobahlaza ngo-
ba uJehova ubalile.
6 O kwangathi insindiso ka-
Israyeli ingavela eZiyoni![g]
Lapho uJehova eqoqa aba-
ntu bakhe abathunjiwe
ebabuyisa,
Makajabule uJakobe, maka-
thokoze u-Israyeli.

53:0 *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. 53:1 *Noma, "Ongenangqondo." 53:5 *Noma kungaba, "Bayokwesaba ibe ingekho into esabisayo." #NgesiHebheru, "alabo abakanise ngokumelene nawe."

Kumqondisi; kufanele lihambisane nezinsimbi zomculo ezinezintambo. Imaskili* likaDavide, lapho amaZifi efika kuSawule ethi: "UDavide ucashe endaweni yethu."[a]

54 O Nkulunkulu, ngisindise ngegama lakho,[b]
Ungivikele*[c] ngamandla akho.
2 O Nkulunkulu, yizwa umthandazo wami;[d]
Lalela amazwi omlomo wami.
3 Ngoba abantu engingabazi bayangivukela,
Abantu abanonya bafuna ukungibulala.[e]
Abanandaba noNkulunkulu.*[f] (*Sela*)
4 UNkulunkulu ungumsizi wami;[g]
UJehova ukanye nalabo abangisekelayo.
5 Uyobuyisela izitha zami[h] ngobubi ezibenzile;
Zibhubhise* ngenxa yokwethembeka kwakho.[i]
6 Ngizokwenzela umhlatshelo[j] ngokuzithandela.
O Jehova, ngizolidumisa igama lakho ngoba lihle.*[k]
7 Ngoba uyangikhulula kukho konke ukucindezeleka,[l]
Ngiyozibona izitha zami lapho zinqotshwa.[m]

Kumqondisi; kufanele lihambisane nezinsimbi zomculo ezinezintambo. Imaskili* likaDavide.

55 O Nkulunkulu, lalela umthandazo wami,[n]
Ungasizibi isicelo sami sokuboniswa isihe.*[o]
2 Ngilalele ungiphendule.[a]
Ukukhathazeka kwami kungenza ngingahlaliseki,[b]
Ngicindezelekile
3 Ngenxa yalokho okushiwo yisitha
Nangenxa yokucindezelwa omubi.
Ngoba balokhu bengibangela izinkinga,
Ngentukuthelo bangibambela amagqubu.[c]
4 Inhliziyo yami ibuhlungu,[d]
Ngiyesaba ukuthi ngingase ngife.[e]
5 Ngifikelwa ukwesaba nokuthuthumela,
Ngiyaqhaqhazela.
6 Ngilokhu ngithi: "Ukube nje benginamaphiko njengejuba!
Bengiyondiza ngiyohlala endaweni ephephile.
7 Bengiyobaleka ngiye kude.[f]
Bengiyohlala ehlane.[g] (*Sela*)
8 Bengiyoshesha ngiye endaweni yokukhosela
Kude nomoya onamandla, kude nesiphepho."
9 O Jehova, baphithanise ubhuntshise amacebo abo,*[h]
Ngoba ngibone udlame nezingxabano edolobheni.
10 Imini nobusuku bayalizungeza behamba phezu kwezindonga zalo;
Ngaphakathi kulo kukhona ukulimaza nezinkathazo.[i]
11 Ngaphakathi kulo kukhona ukucekela phansi;
Ukucindezela nokukhohlisa akulokothi kusuke esigcawini salo.[j]
12 Ngoba akusona isitha esingiklolodelayo;[k]

**ISAHL. 54**
*a* 1Sa 23:19; 1Sa 26:1
*b* Hu 20:1; Hu 79:9; IzA 18:10
*c* Hu 43:1
*d* Hu 13:3; Hu 65:2
*e* Hu 22:16; Hu 59:3
*f* Hu 36:1
*g* 1Kr 12:18; Heb 13:6
*h* Rom 12:19
*i* Hu 143:12
*j* Hu 50:14; Heb 13:15
*k* Hu 7:17; Hu 52:9
*l* 2Sa 4:9; Hu 34:19; Hu 37:39
*m* Hu 37:34; Hu 59:10

**ISAHL. 55**
*n* 1Pe 3:12
*o* Hu 28:2; Hu 143:7

**Uhla 2**
*a* Hu 17:1
*b* Isay 38:14
*c* 2Sa 16:5-7
*d* Hu 69:29
*e* Hu 18:4; Hu 116:3; Isay 38:10
*f* 2Sa 15:14
*g* 1Sa 23:14
*h* 2Sa 15:31; 2Sa 17:7
*i* 2Sa 17:1
*j* Hu 109:2
*k* Hu 41:9; Mat 26:21; Joh 13:18

**54:0; 55:0** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **54:1** *Noma, "Ungimele ecaleni lami." **54:3** *Noma, "Abamgcini uNkulunkulu ephambi kwabo." **54:5** *NgesiHebheru, "Zithulise." **54:6** *Noma, "ngoba kuhle ukulidumisa." **55:1** *Noma, "Ungazifihli lapho ngithandaza ngicela usizo."

**55:9** *NgesiHebheru, "uhlukanise ulimi lwabo."

Ukube bekunjalo bengiyosibekezelela.
Akusona isitha esingivukele;
Ukube bekunjalo bengiyosicashela.
**13** Kodwa nguwe, muntu ofana nami,*[a]
Mngani wami engimazi kahle.[b]
**14** Sasingabangani abakhulu;
Sasivame ukuhamba nesixuku siye endlini kaNkulunkulu.
**15** Kwangathi izitha zami zingabhujiswa![c]
Mazehlele eThuneni* ziphila;
Ngoba kukhona ububi ezindaweni ezihlala kuzo nasezinhliziyweni zazo.
**16** Kepha mina, ngiyombiza uNkulunkulu,
UJehova uyongisindisa.[d]
**17** Kusihlwa nasekuseni nasemini ngikhathazekile futhi ngiyabubula,[e]
Uyalizwa izwi lami.[f]
**18** Uyonginika ukuthula angikhulule kulabo abalwa nami,
Ngoba baningi abangihlaselayo.[g]
**19** UNkulunkulu uyozwa abaphendule,[h]
Lowo ohlezi esihlalweni sobukhosi kusukela kudala.[i] (*Sela*)
Bayokwenqaba ukuphenduka,
Labo abangamesabi uNkulunkulu.[j]
**20** Umngani wami* uhlasele abangani bakhe;[k]
Usiphulile isivumelwano sakhe.[a]
**21** Amazwi akhe abushelelezi kunebhotela,[b]
Kodwa inhliziyo yakhe ithanda izingxabano.
Amazwi akhe amnandi,*
Kodwa anjengezinkemba ezibukhali.[c]
**22** Phonsa umthwalo wakho kuJehova,[d]
Yena uyokusekela.[e]
Akasoze avumele olungile awe.*[f]
**23** Kodwa wena Nkulunkulu, uyobehlisela emgodini ojulile.[g]
Labo abanecala legazi nabakhohlisayo bayosheshe bafe.[h]
Kepha mina, ngizothembela kuwe.

Kumqondisi; ngenothi okuthiwa "Ijuba Elithule Elikude." ElikaDavide. Imiktamu.* Lapho amaFilisti embamba eGati.[i]

# 56

O Nkulunkulu, ngibonise umusa, ngoba umuntu ofayo uyangihlasela.
Usuku lonke balokhu belwa nami bengicindezela.
**2** Izitha zami zilokhu zingihlasela usuku lonke;
Abaningi balwa nami ngokuqhosha.
**3** Lapho ngesaba,[j] ngithembela kuwe.[k]
**4** Ngithembele kuNkulunkulu, engidumisa izwi lakhe;
Ngithembele kuNkulunkulu; angesabi.
Umuntu angangenzani?[l]
**5** Usuku lonke bangibangela izinkinga;

55:13 *Noma, "ntanga yami." 55:15 *Noma, "eShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. 55:20 *Okuwukuthi, lowo owayengumngani wakhe okukhulunywe ngaye evesini 13 no-14.

55:21 *NgesiHebheru, "athambe ukwedlula amafutha." 55:22 *Noma, "antengantenge; anyakaziswe." 56:0 *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

ISAHL. 55
a 2Sa 15:12; 2Sa 16:23
b Luk 22:21; Luk 22:48
c 2Sa 17:23; 2Sa 18:14; Hu 109:15; Mat 27:3, 5; IzE 1:16, 18
d Hu 91:15
e Hu 119:147; Dan 6:10
f Hu 5:3
g 2Kr 32:7; Hu 3:6
h Hu 143:12
i Dut 33:27; Hu 90:2
j Hu 36:1
k 2Sa 15:12

Uhla 2
a 2Sa 5:3; Shu 8:2
b 2Sa 16:23
c Hu 28:3; Hu 62:4
d Hu 43:5; 1Pe 5:6, 7
e Hu 37:5; Hu 68:19; Flp 4:6, 7
f Hu 37:23, 24; Hu 62:2; Hu 121:3
g Hu 55:15
h Hu 5:6; IzA 10:27

ISAHL. 56
i 1Sa 21:10
j 1Sa 21:12
k Hu 18:2
l Hu 27:1; Hu 56:10, 11; Rom 8:31; Heb 13:6

Bahlale becabanga ukungilimaza.[a]
6 Bayacutha ukuze bangihlasele;
Bahlale bebheke yonke into engiyenzayo,[b]
Befuna ithuba lokungibulala.*[c]
7 Balahle ngenxa yobubi babo.
O Nkulunkulu, jezisa izizwe ngentukuthelo yakho.[d]
8 Uyakwazi ukuhlupheka kwami lapho ngingumbaleki.[e]
Faka izinyembezi zami esigujini sakho sesikhumba.[f]
Azilotshiwe yini encwadini yakho?[g]
9 Izitha zami ziyobaleka ngosuku engiyocela ngalo usizo.[h]
Nakhu engiqiniseka ngakho: uNkulunkulu ungakimi.[i]
10 Ngithembele kuNkulunkulu, engidumisa izwi lakhe;
Ngithembele kuJehova, engidumisa izwi lakhe,
11 Ngithembele kuNkulunkulu, angesabi.[j]
Umuntu angangenzani?[k]
12 O Nkulunkulu, kumele ngizigcwalise izifungo engizenze kuwe;[l]
Ngizonikela ukubonga kuwe.[m]
13 Ngoba ungikhululile ekufeni[n]
Wanqanda izinyawo zami ukuba zingakhubeki,[o]
Ukuze ngiqhubeke ngiphila, ngihambe phambi kukaNkulunkulu.[p]

56:6 *Noma, "Befuna umphefumulo wami."

ISAHL. 56
a Jer 18:18
b Luk 20:20
c Hu 59:3, Hu 71:10
d Jer 18:23
e 1Sa 27:1
f Hu 39:12
g Mal 3:16
h Hu 18:40
i Rom 8:31
j Hu 27:1
k Hu 56:4, Isay 51:7, 12
l Num 30:2, Shu 5:4
m Hu 50:23
n 2Ko 1:10
o Hu 94:18, Hu 116:8
p Job 33:29, 30

Uhla 2

ISAHL. 57
a 1Sa 22:1, 1Sa 24:3, Hu 142:0
b Hu 18:2
c Rut 2:12, Hu 17:8
d Hu 144:7, IzE 12:11
e Hu 40:11, Hu 61:7
f Hu 22:13, Hu 35:17
g Hu 52:2, Hu 64:3, IzA 25:18
h Hu 57:11, Hu 108:5
i Hu 35:7
j Hu 42:6
k 1Sa 24:4, IzA 26:27
l Hu 112:7

Kumqondisi; ngenothi elithi "Ungabhubhisi." ElikaDavide. Imiktamu.* Lapho ebalekele uSawule wayocasha emhumeni.[a]

57 Ngibonise umusa, Nkulunkulu, ngibonise umusa,
Ngoba ngiphephela kuwe,[b]
Ngiphephela emthunzini wamaphiko akho kuze kudlule izinkinga zami.[c]
2 Ngibiza uNkulunkulu oPhezukonke,
UNkulunkulu weqiniso, ongikhululayo ebunzimeni.
3 Uyothumela usizo esezulwini angisindise.[d]
Uyomenza akhungatheke ongihlaselayo. (*Sela*)
UNkulunkulu uyothumela uthando lwakhe oluqotho nokwethembeka kwakhe.[e]
4 Ngizungezwe amabhubesi;[f]
Kumele ngilale phakathi kwabantu abafuna ukungishwabadela,
Abamazinyo abo ayimikhonto nemicibisholo
Nabalulimi lwabo luyinkemba ebukhali.[g]
5 Mawuphakanyiswe ngaphezu kwamazulu, Nkulunkulu;
Inkazimulo yakho mayibe ngaphezu kwawo wonke umhlaba.[h]
6 Babeke inethi ukuze babambe izinyawo zami;[i]
Ngikhotheme ngenxa yokucindezeleka.[j]
Bagubhe umgodi phambi kwami,
Kodwa yibo abawele kuwo.[k] (*Sela*)
7 Inhliziyo yami igxilile, Nkulunkulu,[l]
Inhliziyo yami igxilile.

57:0 *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

Ngizohlabelela ngidlale ne-
zinsimbi zomculo.
8 Vuka, nhliziyo yami.
Vuka, nsimbi yomculo ene-
zintambo; nawe habhu.
Ngifuna ukudlala umculo.
Ngizovuka entathakusa.[a]
9 Ngizokudumisa phakathi
kwezizwe Jehova;[b]
Ngizokuhubela izingoma
zokudumisa phakathi
kwezizwe.[c]
10 Ngoba uthando lwakho olu-
qotho lukhulu, njengoku-
phakama kwamazulu,[d]
Nokuthembeka kwakho
kufinyelela esibhakabha-
keni.
11 Mawuphakanyiswe nga-
phezu kwamazulu, Nkulu-
nkulu;
Inkazimulo yakho mayibe
ngaphezu kwawo wonke
umhlaba.[e]

Kumqondisi; ngenothi elithi
"Ungabhubhisi." ElikaDavide.
Imiktamu.*

58 Ningakhuluma kanjani
ngokulunga nibe ni-
thule?[f]
Nina madodana abantu, ni-
ngahlulela yini ngobuqo-
tho?[g]
2 Kunalokho, niceba uku-
ngalungi ezinhliziyweni
zenu,[h]
Izandla zenu zigcwalisa
ubudlova ezweni.[i]
3 Ababi bonakala* kusukela
bezalwa;#
Bayanhlanhlatha, baqamba
amanga kwasesibele-
thweni.
4 Amazwi abo anjengesihlu-
ngu senyoka eyingozi;[j]
Bayizithulu njengemfezi
evala indlebe yayo.

58:0 *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. 58:3 *Noma, "baphambuka." #NgesiHebheru, "besesibelethweni."

ISAHL. 57
a Hu 108:2-5
b Hu 9:11
Hu 145:11, 12
c Rom 15:9
d Hu 36:5
Hu 103:11
e Hu 8:1
Hu 57:5
Hu 108:5

ISAHL. 58
f 2Kr 19:6
g Hu 82:2
h Shu 3:16
Mik 3:9
i Shu 5:8
Isay 10:1, 2
j Hu 140:3
Jak 3:8

Uhla 2
a IzA 10:25
Jer 23:19
b Hu 52:5, 6
Hu 64:10
Hez 25:17
IsA 18:20
c IzA 21:18
d Isay 3:10
e Hu 9:16
Hu 98:9

ISAHL. 59
f 1Sa 19:11
g 1Sa 19:12
Hu 18:48
Hu 71:4
h Hu 12:5
Hu 91:14

5 Ngeke ililalele izwi laba-
thwebuli,
Noma ngabe banekhono ka-
ngakanani lokuthakatha.
6 O Nkulunkulu, wakhumule
amazinyo abo!
Jehova, phula amathambo
omhlathi ala mabhubesi!*
7 Mabanyamalale njengama-
nzi omayo.
Kwangathi uNkulunkulu
angagobisa umnsalo, aba-
wise ngemicibisholo ya-
khe.
8 Mababe njengomnenke
oncibilikayo njengoba
uhamba;
Njengengane ezalwa isisho-
nile, engaliboni nhlobo
ilanga.
9 Ngaphambi kokuba ama-
bhodwe akho ezwe uku-
shisa kwamajikijolo,
UNkulunkulu uyophephula
amagatsha aluhlaza navu-
thayo, njengoba kwenza
isiphepho.[a]
10 Olungile uyojabula ngoba
uyibonile impindiselo;[b]
Izinyawo zakhe ziyomanzi-
swa yigazi lababi.[c]
11 Abantu bayothi: "Ngokuqi-
nisekile ukhona umvuzo
wabalungile.[d]
Ngempela ukhona uNkulu-
nkulu owahlulelayo em-
hlabeni."[e]

Kumqondisi; ngenothi elithi
"Ungabhubhisi." ElikaDavide.
Imiktamu.* Lapho uSawule ethumela
amadoda ukuba ayoqapha indlu
kaDavide ukuze ambulale.[f]

59 O Nkulunkulu wami, ngi-
khulule ezitheni zami;[g]
Ngivikele kwabangivuke-
layo.[h]

58:6 *Noma, "mabhubesi asemancane anomhlwenga." 59:0 *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

2 Ngikhulule kwabenza okubi,
Ungisindise kubantu abanobudlova.*
3 Bangicuthele;[a]
Jehova, amadoda anamandla ayangihlasela,
Kodwa hhayi ngoba ngivukele noma ngonile.[b]
4 Nakuba ngingenzanga lutho olubi, bayagijima balungele ukuhlasela.
Vuka lapho ngikubiza ubone.
5 Ngoba wena, Jehova Nkulunkulu wamabutho, ungu-Nkulunkulu ka-Israyeli.[c]
Vuka ukuze unake zonke izizwe.
Ungabi nasihe kunoma yimaphi amambuka alimazayo.[d] (*Sela*)
6 Balokhu bebuya kusihlwa;[e]
Bagwavuma* njengezinja[f] bajikeleze idolobha.[g]
7 Bheka ukuthi kuphumani emilonyeni yabo;
Izindebe zabo zinjengezinkemba,[h]
Ngoba bathi: "Ngubani olalele?"[i]
8 Kodwa wena Jehova, uyobahleka;[j]
Zonke izizwe uyozihleka usulu.[k]
9 O Mandla ami, ngiyohlale ngikulindile;[l]
Ngoba uNkulunkulu uyindawo yami yokuphephela* elondekile.[m]
10 UNkulunkulu ongibonisa uthando oluqotho uyongisiza;[n]
UNkulunkulu uyongenza ngibone lapho izitha zami zinqotshwa.[o]

59:2 *Noma, "abomele igazi." 59:6 *Noma, "Bakhonkotha." 59:9 *Noma, "ephakeme."

ISAHL. 59
a 1Sa 19:1 Hu 10:9 Hu 71:10
b 1Sa 24:11 1Sa 26:18 Hu 69:4
c Dut 33:29
d IzA 2:22
e 1Sa 19:11
f Hu 22:16
g Hu 59:14
h Hu 57:4 Hu 64:3
i Hu 10:4, 11 Hu 73:3, 11
j Hu 37:12, 13
k Hu 33:10
l Hu 27:1 Hu 46:1
m Hu 9:9 Hu 62:2
n Hu 6:4
o Hu 54:7

Uhla 2
a Gen 15:1 Dut 33:29 Hu 3:3
b Hu 64:8 IzA 12:13 IzA 16:18
c Hu 7:9
d 1Sa 17:46 Hu 9:16 Hu 83:17, 18
e Hu 59:6
f Hu 109:2, 10
g Job 37:23 Hu 21:13 Hu 145:10-12
h 1Sa 17:37 Hu 61:3
i IzA 18:10
j Isay 12:2
k Hu 59:10

11 Ungababulali, ukuze isizwe sami singakhohlwa.
Ngamandla akho benze bazulazule;
Benze banqotshwe, Jehova hawu lethu.[a]
12 Kwangathi bangabanjwa ukuziqhenya kwabo,[b]
Ngenxa yesono somlomo wabo, izwi lezindebe zabo,
Nangenxa yokuqalekisa nokukhohlisa kwabo.
13 Baqede ngentukuthelo yakho;[c]
Baqede, ukuze bangabe besaba khona;
Mabazi ukuthi uNkulunkulu ubusa kwaJakobe kuze kube semikhawulweni yomhlaba.[d] (*Sela*)
14 Mababuye kusihlwa;
Mabagwavume njengezinja bajikeleze idolobha.[e]
15 Mabazulazule befuna ukudla;[f]
Ungabavumeli ukuba baneliseke noma bathole indawo yokuhlala.
16 Kepha mina, ngizohlabelela ngamandla akho;[g]
Ekuseni ngizokhuluma ngenjabulo ngothando lwakho oluqotho.
Ngoba uyindawo yami yokuphephela elondekile[h]
Nendawo engingabalekela kuyo ngesikhathi sokucindezeleka kwami.[i]
17 O Mandla ami,
ngizokuhlabelelela izindumiso,*[j]
Ngoba uNkulunkulu uyindawo yami yokuphephela elondekile, uNkulunkulu ongibonisa uthando oluqotho.[k]

59:17 *Noma, "ngizokuhubela."

Kumqondisi; ngenothi elithi "UMnduze Wesikhumbuzo." Imiktamu* likaDavide. Elokufundisa. Lapho elwa ne-Aramu-naharayimi ne-Aramu-Zoba, uJowabe wabuya wabulala abakwa-Edomi abangu-12 000 eSigodini Sikasawoti.[a]

60 O Nkulunkulu, usilahlile; ufohlile ezivikelweni zethu.[b]
Wawusithukuthelele; kodwa manje samukele!
2 Ubangele ukuba umhlaba uzamazame; uwuqhekezile.
Vala izimfa zawo, ngoba uyawa.
3 Wenze ukuba abantu bakho babhekane nobunzima.
Usiphuzise iwayini elisenza sidiyazele.[c]
4 Nika* abakwesabayo uphawu
Lokuba babaleke ukuze bavike umnsalo. (*Sela*)
5 Ukuze abantu bakho obathandayo bakhululwe,
Sisindise ngesandla sakho sokudla, usiphendule.[d]
6 UNkulunkulu ongcwele* ukhulumile wathi:
"Ngizothokoza, ngizonikela ngeShekemi libe yifa,[e]
Ngizosikela abantu bami iSigodi# SaseSukoti.[f]
7 IGileyadi lingelami, njengoba nje noManase engowami,[g]
U-Efrayimi uyisivikelo sekhanda* lami;
UJuda uyinduku yami yomyali.[h]
8 UMowabi uyindishi yami yokugeza.[i]
Ngizophonsa imbadada yami phezu kuka-Edomi.[j]
Ngizomemeza ngokunqoba phezu kweFilistiya."[a]
9 Ngubani ozongiyisa edolobheni elivinjezelwe?*
Ngubani ozongihola ngize ngifike kwa-Edomi?[b]
10 O Nkulunkulu, akuwena yini osilahlile,
Nkulunkulu wethu, ongasaphumi namabutho ethu?[c]
11 Sisize ekucindezelekeni kwethu,
Ngoba insindiso evela kubantu ayisizi ngalutho.[d]
12 UNkulunkulu uzosinika amandla,[e]
Uzozinyathela izitha zethu.[f]

Kumqondisi; kufanele lihambisane nezinsimbi zomculo ezinezintambo. ElikaDavide.

61 O Nkulunkulu, yizwa ukukhalela kwami usizo.
Lalela umthandazo wami.[g]
2 Ngizokhala kuwe ngisemikhawulweni yomhlaba
Lapho inhliziyo yami iphelelwe yithemba.*[h]
Ngiholele edwaleni eliphakeme kunami.[i]
3 Ngoba uyisiphephelo sami,
Umbhoshongo oqinile ongivikela esitheni.[j]
4 Ngizoba yisimenywa etendeni lakho kuze kube phakade;[k]
Ngizophephela ngaphansi kwesivikelo samaphiko akho.[l] (*Sela*)
5 Ngoba wena, Nkulunkulu, uzizwile izifungo zami.
Unginike ifa elitholwa yilabo abesaba igama lakho.[m]
6 Uyokwelula ukuphila kwenkosi,*[n]

---

**60:0** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **60:4** *Noma kungaba, "Unike." **60:6** *Noma kungaba, "esendaweni yakhe engcwele." #Noma, "iThafa Eliphansi." **60:7** *NgesiHebheru, "uyinqaba."

**60:9** *Noma kungaba, "elinezivikelo eziqinile." **61:2** *Noma, "iba buthaka." **61:6** *NgesiHebheru, "Uyokwenezela izinsuku ezinsukwini zenkosi."

ISAHL. 60
a 2Sa 8:13; 1Kr 18:3
b Hu 60:10
c Isay 51:17
d Hu 18:35; Hu 21:8; Hu 108:6; Hu 118:15; Isay 41:10
e Gen 12:6, 7
f Jos 13:27, 28; Hu 108:7-9
g Jos 13:29-31
h Gen 49:10
i Num 24:17; 2Sa 8:2
j Num 24:18; 2Sa 8:14

Uhla 2
a 2Sa 8:1
b 2Sa 8:14; Hu 108:10-13
c Dut 1:42; Dut 20:4; Jos 7:12
d Hu 62:9; Hu 118:8; Hu 146:3
e Hu 18:32
f 2Sa 10:12; Hu 44:5

ISAHL. 61
g Hu 5:2; Hu 17:1; Hu 28:2; Hu 55:1
h Jon 2:2
i Hu 27:5; Hu 40:2
j 1Sa 17:45; Hu 18:2; IzA 18:10
k Hu 23:6; Hu 27:4
l Hu 63:7
m Hu 115:13
n Hu 18:50; Hu 21:1, 4

Iyophila isikhathi eside,
izizukulwane ngezizukulwane.
7 Iyohlala esihlalweni sobukhosi* kuze kube phakade phambi kukaNkulunkulu;[a]
Kwangathi uthando lwakho oluqotho nokwethembeka kwakho kungayivikela.#[b]
8 Khona-ke ngiyolihubela izindumiso* igama lakho kuze kube phakade[c]
Njengoba ngigcwalisa izifungo zami usuku nosuku.[d]

Kumqondisi;
ngenothi leJeduthuni.*
Ihubo likaDavide.

**62** Ngilinde uNkulunkulu buthule.
Insindiso yami ivela kuye.[e]
2 Impela uyidwala lami nensindiso yami, indawo yami yokuphephela* elondekile;[f]
Ngeke nginyakaziswe ngize ngiwe.[g]
3 Kuyoze kube nini nihlasela umuntu ukuze nimbulale?[h]
Nonke niyingozi njengodonga olutshekile, udonga lwamatshe oseluzowa.*
4 Ngoba bayelulekana ukuze bamehlise esikhundleni sakhe esiphezulu;*
Bayawathanda amanga.
Bayabusisa ngomlomo wabo, kodwa ngaphakathi bayaqalekisa.[i] (*Sela*)
5 Impela, ngilinde* uNkulunkulu buthule[a]
Ngoba ithemba lami livela kuye.[b]
6 Impela uyidwala lami nensindiso yami, indawo yami yokuphephela elondekile;
Ngeke nginyakaziswe.[c]
7 Insindiso yami nenkazimulo yami kuncike kuNkulunkulu.
UNkulunkulu uyidwala lami eliqinile, isiphephelo sami.[d]
8 O bantu, thembelani kuye ngazo zonke izikhathi.
Thululani izinhliziyo zenu phambi kwakhe.[e]
UNkulunkulu uyisiphephelo sethu.[f] (*Sela*)
9 Amadodana abantu anjengomoya okhishwa ngamakhala,
Amadodana abantu ayisiphephelo esikhohlisayo.[g]
Lapho ebekwa esikalini ndawonye, alula kakhulu kunomoya.[h]
10 Ningacabangi ukuthi nizophumelela ngokuqola abanye,
Ningacabangi ukuthi nizozuza ngobugebengu.
Uma umcebo wenu wanda, ningabeki ithemba lenu kuwo.[i]
11 Kabili ngizwile ukuthi uNkulunkulu uthe:
Amandla angakaNkulunkulu.[j]
12 O Jehova, nothando oluqotho lungolwakho,[k]
Ngoba ubuyisela umuntu ngamunye ngokwezenzo zakhe.[l]

---

**61:7** *Noma, "Iyohlala." #Noma, "Yinike uthando oluqotho nokwethembeka ukuze kuyivikele." **61:8** *Noma, "ngiyoliculela." **62:0** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **62:2** *Noma, "ephakeme." **62:3** *Noma kungaba, "Nonke, njengokungathi uwudonga olutshekile, udonga lwamatshe oseluzowa." **62:4** *Noma, "bamehlise isithunzi."

**62:5** *Noma, "mphefumulo wami, linda."

**ISAHL. 61**
a 2Sa 7:16, 17; Hu 41:12
b Hu 40:11; Hu 143:12; IzA 20:28
c Hu 146:2
d Hu 65:1; Hu 66:13; Shu 5:4

**ISAHL. 62**
e Hu 37:39; Hu 68:19; Isay 12:2
f Hu 18:2
g Hu 37:23, 24; 2Ko 4:8, 9
h Hu 38:12
i Hu 5:9; Hu 28:3; Hu 55:21

**Uhla 2**
a Hu 43:5; Mik 7:7
b Hu 62:1, 2; Hu 71:5
c Hu 16:8; IzA 10:30
d Hu 95:1; Isay 26:4
e 1Sa 1:15
f IzA 14:26
g Hu 60:11
h Isay 40:15
i Dut 6:10-12; Job 31:24, 28; IzA 11:4, 28; IzA 23:4, 5; Mat 6:19, 24; Mar 8:36; Luk 12:15; 1Ti 6:17; 1Jo 2:16
j Job 9:4; Nah 1:3; IsA 19:1
k Hu 36:7; Hu 86:15; Mik 7:18
l Job 34:11; IzA 24:12; Rom 2:6; 2Ko 5:10; Gal 6:7; 2Ti 4:14; IsA 20:12, 13; IsA 22:12

Ihubo likaDavide,
lapho esehlane lakwaJuda.[a]

63 O Nkulunkulu, wena
unguNkulunkulu wami,
ngilokhu ngikufuna.[b]
Ngiyakulangazelela.[c]
Ngiphelelwe amandla nge-
nxa yokukulangazelela
Ezweni elomile neliwugwa-
dule, lapho kungenama-
nzi khona.[d]
2 Ngakho ngikubhekile enda-
weni engcwele;
Ngiwabonile amandla akho
nenkazimulo yakho.[e]
3 Ngenxa yokuthi uthando
lwakho oluqotho lungco-
no kunokuphila,[f]
Ngizokudumisa ngezindebe
zami.[g]
4 Ngizokudumisa ukuphila
kwami konke;
Ngizophakamisa izandla
zami ngibize igama lakho.
5 Nganelisekile ngokudla
okungcono nokwekhe-
thelo,*
Ngakho ngizokudumisa
ngezwi eligcwele
injabulo.[h]
6 Ngiyakukhumbula lapho
ngisembhedeni wami;
Ngizindla ngawe phakathi
nobusuku.[i]
7 Ngoba ungumsizi wami,[j]
Ngimemeza ngenjabulo
emthunzini wamaphiko
akho.[k]
8 Ngibambelele kuwe;
Isandla sakho sokudla si-
ngibambe sangiqinisa.[l]
9 Kodwa labo abafuna uku-
ngibulala
Bayokwehlela egodini.
10 Bayobulawa ngenkemba;
Bayoba ukudla kwezimpu-
ngushe.*
11 Kodwa inkosi iyojabula
ngoNkulunkulu.
Wonke umuntu ofunga iga-
ma laKhe uyothokoza,*
Ngoba umlomo walabo aba-
namanga uyovalwa.

Kumqondisi.
Ihubo likaDavide.

64 O Nkulunkulu, yizwa izwi
lami njengoba ngiku-
ncenga.[a]
Qapha ukuphila kwami
ekuhlaseleni okuthusayo
kwesitha.
2 Ngivikele emacebweni ayi-
mfihlo abenzi bokubi,[b]
Esixukwini sabenza okubi.
3 Balola ulimi lwabo njenge-
nkemba;
Bacija amazwi abo anonya
njengemicibisholo,
4 Ukuze bacibishele ongena-
cala besekusithekeni;
Bamcibishela ngokushesha,
abesabi.
5 Babambelela ezinhlosweni
zabo ezimbi;*
Bakhuluma ngendlela aba-
zozifihla ngayo izicupho
zabo.
Bathi: "Ubani ozozibona?"[c]
6 Bafuna izindlela ezintsha
zokwenza okubi;
Bakha icebo lobuhlakani
ngasese;[d]
Akuqondakali okusenhlizi-
yweni yomuntu ngamu-
nye.
7 Kodwa uNkulunkulu uyoba-
cibishela;[e]
Bayolinyazwa yimicibisholo
bengazelele.
8 Ulimi lwabo luyobangela
ukuba bawe;[f]
Bonke ababababonayo bayo-
nikina amakhanda abo.

**ISAHL. 63**
a 1Sa 23:14
b Isay 26:9
c Hu 42:2
d Hu 63:0; Hu 143:6
e 1Kr 16:28; Hu 96:6
f Hu 30:5; Hu 100:5
g Hu 66:16, 17
h Hu 71:23; Hu 135:3
i Hu 119:55, 148
j 1Sa 17:37
k Hu 5:11; Hu 57:1; Hu 61:4
l Isay 41:10

**Uhla 2**

**ISAHL. 64**
a Hu 55:1
b Hu 56:6; Hu 109:2
c Hu 10:4, 11; Hu 59:7
d Hu 140:5
e Hu 7:11, 12
f IzA 12:13; IzA 18:7

---

**63:5** *NgesiHebheru, "nangamanoni." **63:10** *Noma, "kojakalase." **63:11** *Noma, "uyoziqhayisa." **64:5** *Noma, "Bakhuthazana ukuba benze okubi."

9 Bonke abantu bayokwe-
saba,
Bayomemezela ngalokho
uNkulunkulu akwenzile,
Bayoziqonda izenzo zakhe.[a]
10 Olungile uyojabula ngo-
Jehova, aphephele
kuye;[b]
Bonke abaqotho enhlizi-
yweni bayothokoza.*

Kumqondisi.
Ihubo likaDavide. Ingoma.

65 O Nkulunkulu, uzodunyi-
swa eZiyoni;[c]
Sizozifeza izifungo esize-
nze kuwe.[d]
2 Wena olalela imithandazo,*
zonke izinhlobo zabantu
zizoza kuwe.[e]
3 Iziphambeko zami zinga-
phezu kwamandla ami,[f]
Kodwa uyazimboza izeqo
zethu.[g]
4 Uyajabula umuntu omkhe-
thayo, bese umsondeza
Ukuze ahlale emagcekeni
akho.[h]
Siyokwaneliswa ubuhle be-
ndlu yakho,[i]
Ithempeli lakho
elingcwele.*[j]
5 Uyosiphendula ngezenzo
ezimangalisayo[k] zokulu-
nga,
O Nkulunkulu wensindiso
yethu;
UyiThemba labantu kuwo
wonke umhlaba[l]
Nelalabo abakude pheshe-
ya kolwandle.
6 Wamisa izintaba zaqina
ngamandla akho;
Unamandla amakhulu.[m]
7 Wenza ulwandle olugubha-
yo luzole,[n]
Uthulisa umsindo wamaga-
gasi alo nenhlokomo yezi-
zwe.[a]
8 Abahlala ezindaweni eziku-
de bayomangazwa yizibo-
nakaliso zakho;[b]
Uyobangela ukuba aba-
sempumalanga nabase-
ntshonalanga bamemeze
ngenjabulo.
9 Unakekela umhlaba,
Uwenza uthele kakhulu,*
ube nenala.[c]
Ugcwalise imifula ngama-
nzi;
Ulungiselela abantu ukudla
okusanhlamvu,[d]
Ngoba yileyo ndlela owenze
ngayo umhlaba.
10 Imisele yawo uyigcwalisa
ngamanzi, uhlelemba
umhlabathi olinyiwe;*
Uwuthambisa ngemvula;
uyawubusisa.[e]
11 Uhlobisa unyaka ngobuhle
bakho;
Izindawo ohamba kuzo zi-
gcwele ubuhle.*[f]
12 Amadlelo asehlane ano-
tshani obuluhlaza obuna-
mazolo,*[g]
Amagquma embethe inja-
bulo.[h]
13 Amadlelo agcwele imihla-
mbi,
Nezigodi* zimbozwe ngoku-
dla okusanhlamvu.[i]
Izwe lonke limemeza nge-
njabulo, yebo, liyahlabe-
lela.[j]

Kumqondisi. Ingoma. Ihubo.

66 Memezani uNkulunkulu
ngokunqoba, nonke
nina bantu bomhlaba.[k]

ISAHL. 64
a Hu 107:40, 43
b Hu 58:10 Hu 68:2, 3

ISAHL. 65
c Hu 76:2
d Hu 116:18 Shu 5:4
e Hu 145:18 IzE 10:31 1Jo 5:14
f Hu 40:12 Rom 7:23, 24 Gal 5:17
g Hu 51:2 Isay 1:18 1Jo 1:7
h Hu 15:1-5 Hu 27:4 Hu 84:1-4 Hu 84:10
i Hu 36:7, 8
j 1Sa 3:3 1Kr 16:1
k Dut 10:21 IsA 15:3
l Hu 22:27
m Hu 93:1
n Hu 89:9 Hu 107:29

Uhla 2
a Isay 17:12, 13 Isay 57:20
b Hu 66:3
c Dut 11:11, 12 IzE 14:17
d Hu 104:14, 15
e Hu 147:7, 8
f Gen 27:28 Dut 33:16 Mal 3:10
g Isay 35:1
h Isay 55:12
i Isay 30:23
j IzE 14:17

ISAHL. 66
k Hu 98:4

**64:10** *Noma, "bayoziqhayisa." **65:2** *O Muzwi womthandazo. **65:4** *Noma, "Indlu yakho engcwele."

**65:9** *NgesiHebheru, "uchichime." **65:10** *Noma, "uhlelemba amagquma awo." **65:11** *NgesiHebheru, "ziconsa amafutha." **65:12** *NgesiHebheru, "obuconsayo." **65:13** *Noma, "Namathafa aphansi."

**2** Lihubeleni izindumiso* igama lakhe elikhazimulayo.
Mkhazimuliseni nimdumise.[a]
**3** Thanini kuNkulunkulu: "Yeka ukuthi imisebenzi yakho imangalisa kangakanani![b]
Ngenxa yamandla akho amakhulu,
Izitha zakho ziyothithibala phambi kwakho.[c]
**4** Wonke umhlaba uyokhothama kuwe;[d]
Bayokuhubela izindumiso;
Bayohubela igama lakho izindumiso."[e] (*Sela*)
**5** Wozani nibone imisebenzi kaNkulunkulu.
Akwenzele abantwana babantu kuyamangalisa.[f]
**6** Washintsha ulwandle lwaba umhlabathi owomile;[g]
Bawela umfula ngezinyawo.[h]
Lapho sajabula ngaye.[i]
**7** Ubusa ngamandla akhe kuze kube phakade.[j]
Amehlo akhe ahlala eqaphe izizwe.[k]
Labo abanenkani, akufanele baziphakamise.[l] (*Sela*)
**8** Dumisani uNkulunkulu wethu, nina zizwe,[m]
Nizwakalise umsindo wokumdumisa.
**9** Usigcina siphila;[n]
Akaluvumeli unyawo lwethu ukuba lukhubeke.*[o]
**10** Ngoba wena usihlolile, Nkulunkulu;[p]
Usicwengile njengalapho kucwengwa isiliva.
**11** Usilethe enethini lokuzingela;
Ubeke umthwalo osindayo phezu kwethu.*
**12** Uvumele abantu ukuba basinyathele;*
Sichushe emlilweni nasemanzini;
Ngemva kwalokho wasiletha endaweni yokuphumula.
**13** Ngizongena endlini yakho neminikelo eshiswayo ephelele;[a]
Ngizogcwalisa izifungo zami engizifunge kuwe[b]
**14** Lezo izindebe zami ezazisho[c]
Nomlomo wami owazikhuluma lapho ngicindezelekile.
**15** Ngizonikela kuwe iminikelo eshiswayo yezilwane ezikhuluphele
Nomusi womhlatshelo wezinqama.
Ngizonikela izinkunzi kanye nezimpongo. (*Sela*)
**16** Wozani nilalele, nonke nina enesaba uNkulunkulu,
Ngizonixoxela ngalokho angenzele kona.[d]
**17** Ngambiza ngomlomo wami,
Ngamkhazimulisa ngolimi lwami.
**18** Ukube bengifukamele noma yini elimazayo enhliziyweni yami,
UJehova ubengeke angizwe.[e]
**19** Kodwa uNkulunkulu uzwile;[f]
Uwulalelile umthandazo wami.[g]
**20** Makadunyiswe uNkulunkulu, ongazange awuzibe umthandazo wami
Noma angigodlele uthando lwakhe oluqotho.

**66:2** *Noma, "Liculeleni." **66:9** *Noma, "luntengantenge; lunyakaziswe."

**66:11** *NgesiHebheru, "ezinqulwini zethu." **66:12** *NgesiHebheru, "basinyathele ekhanda."

**ISAHL. 66**
a Hu 72:19; IsA 4:11
b Eks 15:16; Hu 76:12; Isay 2:19; Jer 10:10
c Hu 81:15
d Hu 22:27; Mal 1:11
e Isay 42:10; IsA 15:4
f Hu 46:8; Zef 2:11
g Eks 14:21, 22
h Jos 3:15, 16
i Eks 15:1
j Dan 4:34; 1Ti 1:17
k Hu 11:4; IzA 15:3; Heb 4:13
l Isay 37:29
m Dut 32:43; Rom 15:10
n 1Sa 25:29
o 1Sa 2:9; Hu 121:3
p Dut 8:2

**Uhla 2**
a Num 15:3
b Hu 56:12; Hu 116:14; Shu 5:4, 5
c Num 30:2; Hlu 11:35
d Hu 22:24
e Job 27:8, 9; IzA 15:29; IzA 28:9; Isay 1:15; Joh 9:31
f Hu 34:6; Hu 65:2; Hu 116:1; 1Jo 3:22
g Heb 5:7

Kumqondisi; kufanele lihambisane nezinsimbi zomculo ezinezintambo. Ihubo. Ingoma.

67 UNkulunkulu uyosibonisa umusa asibusise;
Uyosibonisa ubuhle bakhe[a] (*Sela*)
2 Ukuze indlela yakho yaziwe emhlabeni wonke,[b]
Izenzo zakho zensindiso zaziwe ezizweni zonke.[c]
3 O Nkulunkulu, izizwe mazikudumise;
Zonke izizwe mazikudumise.
4 Izizwe mazithokoze zimemeze ngenjabulo,[d]
Ngoba uyokwahlulela izizwe ngobulungisa.[e]
Izizwe zomhlaba uyoziqondisa. (*Sela*)
5 O Nkulunkulu, izizwe mazikudumise;
Zonke izizwe mazikudumise.
6 Umhlaba uyothela umkhiqizo wawo;[f]
UNkulunkulu, uNkulunkulu wethu, uyosibusisa.[g]
7 UNkulunkulu uyosibusisa,
Abantu bakuyo yonke imikhawulo yomhlaba bayomesaba.*[h]

Kumqondisi. Ihubo likaDavide. Ingoma.

68 UNkulunkulu makavuke, izitha zakhe mazihlakazeke,
Labo abamzondayo mababambalekele.[i]
2 Kwangathi ungabaphephula njengalapho umoya uphephula intuthu;
Njengekhekheba lezinyosi* lincibilikiswa umlilo,
Ababi mabashabalale kanjalo phambi kukaNkulunkulu.[a]
3 Kodwa abalungile mabajabule;[b]
Kwangathi bangathokoza phambi kukaNkulunkulu;
Kwangathi bangahalalisa ngenjabulo.
4 Hubelani uNkulunkulu; nidumise* igama lakhe.[c]
Mhlabeleleni Lowo odabula amathafa awugwadule.#
NguJah△ igama lakhe![d]
Jabulani phambi kwakhe!
5 UNkulunkulu unguyise wentandane nomvikeli* wabafelokazi[e]
Esendaweni yakhe yokuhlala engcwele.[f]
6 UNkulunkulu unika abangenabani ikhaya;[g]
Ukhulula iziboshwa azenze ziphumelele.[h]
Kodwa abanenkani* kumele bahlale ezweni elomile.[i]
7 O Nkulunkulu, lapho uhola abantu bakho,*[j]
Lapho unqamula ogwadule, (*Sela*)
8 Umhlaba wazamazama;[k]
Imvula yana ivela ezulwini* ngenxa kaNkulunkulu;
Leli Sinayi lazamazama ngenxa kaNkulunkulu, uNkulunkulu ka-Israyeli.[l]
9 O Nkulunkulu, wanisa imvula enkulu;
Wavuselela amandla abantu bakho ababekhathele.
10 Babehlala ematendeni akho;[m]

---

67:7 *Noma, "bayomdumisa." 68:2 *Noma, "Njengengcina."

68:4 *Noma, "niculele." #Noma kungaba, "amafu." △Elithi "Jah" liyisifushaniso segama elithi Jehova. 68:5 *NgesiHebheru, "nomahluleli." 68:6 *Noma, "abavukelayo." 68:7 *NgesiHebheru, "lapho uhamba phambi kwabantu bakho." 68:8 *NgesiHebheru, "Izulu laconsa."

ISAHL. 67
a Num 6:25; IzA 16:15
b Rom 10:18; Kol 1:23
c Hu 98:2; Isay 49:6; Luk 2:30, 31; IzE 28:28; Tit 2:11
d Isay 42:10
e Hu 9:8; Hu 96:10; Hu 98:9; Rom 2:5
f Lev 26:4; Hu 85:12; Isay 30:23; Hez 34:27
g Gen 17:7
h Hu 22:27; IsA 15:4

ISAHL. 68
i Num 10:35; Hu 21:8

Uhla 2
a Nah 1:6
b Hu 32:11
c Isay 12:4
d Eks 6:3
e Eks 22:22-24; Dut 10:17, 18; Hu 10:14; Hu 146:9
f Isay 57:15
g Hu 113:9
h Isay 61:1
i Dut 28:15, 23; Hu 107:33, 34
j Eks 13:21
k Hu 114:1, 4; Heb 12:26
l Eks 19:18; Hlu 5:4, 5
m Num 10:34

O Nkulunkulu, ngobuhle bakho wabondla ababeswele.
11 UJehova ukhipha umyalo;
Abesifazane abamemezela izindaba ezinhle bayibutho elikhulu.[a]
12 Amakhosi namabutho ayabaleka,[b] ayabaleka!
Owesifazane ozihlalele ekhaya, uthola ingxenye yempango.[c]
13 Nakuba nina madoda nanilele nizungezwe umlilo ekamu,*
Kuyoba khona amaphiko ejuba ambozwe ngesiliva,
Anezimpaphe zegolide elihle.#
14 Lapho uMninimandla Onke ehlakaza amakhosi alelo zwe,*[d]
Lakhithika eZalimoni.#
15 Intaba yaseBhashani[e] iyintaba kaNkulunkulu;*
Intaba yaseBhashani iyintaba eneziqongo.
16 O nina zintaba ezineziqongo, kungani niyidlela umona
Intaba uNkulunkulu akhethe* ukuhlala kuyo?[f]
UJehova uyohlala kuyo kuze kube phakade.[g]
17 Izinqola zempi zikaNkulunkulu zingamashumi ezinkulungwane, izinkulungwane ngezinkulungwane.[h]
UJehova ungene endaweni engcwele esuka eSinayi.[i]
18 Wena wenyukele phezulu;[j]
Uthumbe izithunjwa;
Uthathe izipho ezingabantu,[a]
Ngisho nabanenkani,[b] ukuba uhlale phakathi kwabo, O Jah Nkulunkulu.
19 Makadunyiswe uJehova, osithwalela umthwalo nsuku zonke,[c]
UNkulunkulu weqiniso osisindisayo. (*Sela*)
20 UNkulunkulu weqiniso unguNkulunkulu osisindisayo;[d]
UJehova iNkosi EnguMbusi wenza indlela yokuphunyuka ekufeni.[e]
21 UNkulunkulu uyophihliza ikhanda lezitha zakhe,
Ikhanda lanoma ubani oqhubeka enza isono.*[f]
22 UJehova uthe: “Ngizobalanda eBhashani;[g]
Ngizobalanda ekujuleni kolwandle,
23 Ukuze unyawo lwakho lucwile egazini[h]
Nolimi lwezinja zakho lukhothe igazi lezitha.”
24 O Nkulunkulu, bayababona abantu bakho beshaye ujenga,
Ujenga lwabantu bakaNkulunkulu wami, iNkosi yami, lungena endaweni engcwele.[i]
25 Abahlabeleli bahamba phambili, belandelwa abashaya izinsimbi zomculo ezinezintambo;[j]
Phakathi kwabo kukhona amantombazane ashaya amathamborini.[k]
26 Dumisani uNkulunkulu, ezixukwini ezibuthene;*
Dumisani uJehova, nina enivela eMthonjeni ka-Israyeli.[l]

---

**68:13** *Noma kungaba, “nanilele phakathi kwezibaya zezimvu.” #Noma, “eliluhlaza ngokuphuzi.” **68:14** *NgesiHebheru, “kulo.” #Noma, “Kwakunjengokungathi likhithikile eZalimoni.” **68:15** *Noma, “iyintaba enkulu.” **68:16** *Noma, “afisa.”

**68:21** *Noma, “ohamba esonweni.” **68:26** *NgesiHebheru, “emihlanganweni.”

---

**ISAHL. 68**

*a* Eks 15:20, Hlu 5:1, Hlu 11:34, 1Sa 18:6
*b* Num 31:25-27, Jos 10:12, 16, Jos 12:7, Hlu 5:19
*c* Num 31:27, 1Sa 30:23-25
*d* Num 21:3, Jos 10:5, 10
*e* Num 21:33, Dut 3:8, 10
*f* 1Kr 11:5, Hu 48:2, 3, Hu 132:13
*g* Dut 12:5, 6, 1Kh 9:3, Heb 12:22
*h* 2Kh 6:16, 17, Mat 26:53
*i* Eks 19:23, Dut 33:2
*j* 2Sa 5:7

**Uhla 2**

*a* Efe 4:8, 11
*b* Dut 2:36, Dut 7:22
*c* Hu 55:22, 1Pe 5:6, 7
*d* Isay 12:2, Isay 45:17
*e* Dut 32:39
*f* Hu 55:23, Hez 18:26
*g* Num 21:33
*h* Hu 58:10
*i* 1Kr 15:25, 28, Hu 24:7
*j* 1Kr 15:16, Hu 87:7, Hu 150:3
*k* Hlu 11:34, 1Sa 18:6
*l* Hu 95:6, Isay 44:2

27 Lapho, isizwe esincane sakwaBhenjamini[a] siyazinqoba,
Nezikhulu zakwaJuda nesixuku sazo esinomsindo,
Izikhulu zakwaZebhuloni, izikhulu zakwaNafetali.
28 UNkulunkulu wakho uyale ukuba unikwe amandla.
O Nkulunkulu, bonisa amandla akho, njengoba nje uwabonisile kithi.[b]
29 Ngenxa yethempeli lakho eliseJerusalema,[c]
Amakhosi azokulethela izipho.[d]
30 Khuza izilwane zasendle ezihlala emhlangeni,
Umhlambi wezinkunzi[e] namathole azo,
Kuze kube yilapho izizwe zikhothama ziphethe* izingcezu zesiliva.
Zihlakaze izizwe ezithanda impi.
31 Izinto zethusi ziyolethwa zivela* eGibhithe;[f]
ITopiya# liyonikela izipho kuNkulunkulu ngokushesha.
32 O nina mibuso yomhlaba, hubelani uNkulunkulu,[g]
Dumisani* uJehova, (*Sela*)
33 Lowo ogibela amazulu asendulo.[h]
Uyaduma ngezwi lakhe, izwi lakhe elinamandla.
34 Dumisani uNkulunkulu ngoba unamandla.[i]
Ubusa phezu kuka-Israyeli,
Amandla akhe aphakeme asesibhakabhakeni.*
35 UNkulunkulu uyamangalisa esendlini yakhe* engcwele.[j]
UnguNkulunkulu ka-Israyeli,
Oqinisa abantu bakhe abanike amandla.[a]
Makadunyiswe uNkulunkulu.

Kumqondisi; ngenothi elithi "Iminduze." ElikaDavide.

**69** O Nkulunkulu ngisindise, ngoba amanzi asongela ukuphila kwami.[b]
2 Ngishone phansi odakeni olubishayo, lapho kungenandawo yokuma.[c]
Ngingene emanzini ajulile,
Umfudlana onesikhukhula ungikhukhulile.[d]
3 Ngikhathele ukumemeza;[e]
Umphimbo wami ushile.
Amehlo ami akhathele ngilokhu ngilinde uNkulunkulu wami.[f]
4 Labo abangizonda ngaphandle kwesizathu[g]
Baningi kunezinwele zekhanda lami.
Labo abangangibulala,
Izitha zami ezingathembekile* sezizininingi.
Ngaphoqwa ukuba ngibuyise engangingakwebanga.
5 O Nkulunkulu, wena uyabazi ubuwula bami,
Icala lami alifihlekile kuwe.
6 Kwangathi labo abathemba wena bangehlazeke ngenxa yami,
O Nkosi EnguMbusi, Jehova wamabutho.
Kwangathi labo abakufunayo bangephoxeke ngenxa yami,
Nkulunkulu ka-Israyeli.
7 Ngiyahlanjalazwa ngenxa yakho;[h]
Ukululazeka kumboze ubuso bami.[i]

**68:30** *Noma kungaba, "izizwe zinyathela." **68:31** *Noma kungaba, "Amanxusa ayofika evela." #Noma, "IKushe." **68:32** *Noma, "Culelani." **68:34** *NgesiHebheru, "asemafwini." **68:35** *NgesiHebheru, "yakho."

**69:4** *Noma, "Abayizitha zami ngaphandle kwesizathu."

ISAHL. 68
a Gen 49:27; 1Sa 9:21
b Hu 138:8
c 1Kh 6:1; 1Kr 16:1; Ezr 5:14
d 1Kh 10:10; 2Kr 32:23; Hu 72:10
e Hez 39:18
f Isay 45:14; Isay 60:5
g Dut 32:43
h Hu 104:3
i Hu 96:7
j Hu 47:2; Hu 66:5

Uhla 2
a Hu 29:11; Isay 40:29-31

ISAHL. 69
b Hu 144:7; IsiL 3:54; Jon 2:5
c Hu 40:2
d Hu 32:6; Jon 2:3
e Hu 22:2
f Hu 119:82; Hu 119:123; Isay 38:14
g Luk 23:22; Joh 15:24, 25
h Hu 22:6; Jer 15:15
i Isay 50:6; Mat 26:67; Mat 27:29

8 Sengifana nesifiki kubafowethu,
Emadodaneni kamama ngingowesinye isizwe.[a]
9 Uthando lwami ngendlu yakho lunjengomlilo ovuthayo ngaphakathi kimi,[b]
Nesihlamba sabakuhlambalazayo sehlele phezu kwami.[c]
10 Lapho ngizithoba ngokuzila ukudla,*
Ngahlanjalazwa.
11 Lapho ngigqoka indwangu yesaka,
Ngaba yinhlekisa* kubo.
12 Abahlezi esangweni ledolobha bakhuluma ngami,
Nezidakwa zihlabelela ngami.
13 Kodwa kwangathi umthandazo wami ungafika kuwe,
O Jehova, ngesikhathi esamukelekayo kuwe.[d]
Ngokuchichima kothando lwakho oluqotho, O Nkulunkulu,
Ngiphendule ngezenzo zakho zensindiso.[e]
14 Ngikhiphe odakeni;
Ungangivumeli ngibishe.
Ngikhulule kulabo abangizondayo
Nasemanzini ajulile.[f]
15 Ungazivumeli izikhukhula zingikhukhule,[g]
Ungangivumeli ukuba ngiminze emanzini ajulile,
Nokuba umthombo* ungigwinye.[h]
16 Ngiphendule, Jehova, ngoba uthando lwakho oluqotho lujulile.[i]
Phendukela kimi ngokuchichima kwesihe sakho,[j]
17 Ungayifihleli inceku yakho ubuso bakho.[a]
Ngiphendule ngokushesha ngoba ngicindezelekile.[b]
18 Sondela eduze kwami, ungikhulule;
Ngikhulule ngenxa yezitha zami.
19 Wena uyakwazi ukuthukwa kwami nehlazo lami nokululazeka kwami.[c]
Uzibona zonke izitha zami.
20 Ukuthukwa kwephule inhliziyo yami, leli nxeba alelapheki.*
Benginethemba lokuboniswa uzwela, kodwa akwenzekanga,[d]
Benginethemba lokuthi kuzoba khona abaduduzi, kodwa angitholanga noyedwa.[e]
21 Kodwa esikhundleni sokudla banginika ushevu,*[f]
Lapho ngomile bangiphuzisa uviniga.[g]
22 Itafula labo malibe yisicupho kubo,
Nempumelelo yabo ibe ugibe.[h]
23 Amehlo abo mawabe mnyama ukuze bangaboni,
Yenza imilenze yabo* iqhaqhazele njalo.
24 Thululela phezu kwabo intukuthelo yakho,*
Kwangathi intukuthelo yakho evuthayo ingabafica.[i]
25 Ikamu labo* malibe yincithakalo;
Makungahlali muntu ematendeni abo.[j]
26 Ngoba bayamjaha lowo omshayile,

ISAHL. 69
a Job 19:13; Hu 31:11; Joh 1:11; Joh 7:5
b 1Kh 19:10; Hu 119:139; Mat 21:12, 13; Mar 11:15-17; Joh 2:13-17
c Rom 15:3
d Isay 49:8; Heb 5:7
e Hu 68:20
f Hu 144:7
g Hu 69:2
h Hu 16:10
i Hu 63:3; Hu 109:21
j Hu 25:16

Uhla 2
a Hu 27:9; Hu 102:2
b Hu 31:9; Hu 40:13
c Hu 22:6
d Hu 142:4
e Job 19:14
f Mat 27:34; Mar 15:23
g Mat 27:48; Mar 15:36; Luk 23:36; Joh 19:29
h Rom 11:9, 10
i Hu 21:9
j IzE 1:20

**69:10** *Noma kungaba, "Lapho ngikhala ngizila ukudla." **69:11** *NgesiHebheru, "isaga." **69:15** *Noma, "umgodi." **69:20** *Noma, "sengize ngacindezeleka." **69:21** *Noma, "isitshalo esinoshevu." **69:23** *NgesiHebheru, "izinqulu zabo." **69:24** *Noma, "ulaka lwakho." **69:25** *Noma, "Ikamu labo elibiyelwe ngodonga."

Balokhu bekhuluma ngezinhlungu zalabo obagwazile.
27 Mabajeziswe ngenxa yecala labo,
Ungababheki njengabalungile.
28 Amagama abo mawasulwe encwadini yabaphilayo,*[a]
Kwangathi amagama abo angebhalwe kanye nawabalungile.[b]
29 Kodwa mina ngihluphekile futhi ngisezinhlungwini.[c]
O Nkulunkulu, kwangathi ungangisindisa ungivikele.
30 Ngizodumisa igama likaNkulunkulu,
Ngizomphakamisa ngokubonga.
31 Lokhu kuyomjabulisa kakhulu uJehova kunenkunzi,
Kunenkunzi esencane enezimpondo nezinselo.[d]
32 Abamnene bayokubona lokhu bajabule.
Nina enifuna uNkulunkulu, izinhliziyo zenu maziphile.
33 Ngoba uJehova uyabalalela abampofu,[e]
Ngeke ababukele phansi abantu bakhe abathunjiwe.[f]
34 Izulu nomhlaba makumdumise,[g]
Izilwandle nakho konke okuhamba kuzo.
35 Ngoba uNkulunkulu uyolisindisa iZiyoni[h]
Awakhe kabusha amadolobha akwaJuda,
Abantu bakhe bayohlala lapho, balithathe libe ngelabo.*
36 Inzalo yezinceku zakhe iyolithatha libe yifa layo,[i]
Labo abathanda igama lakhe[a] bayohlala kulo.

Kumqondisi. ElikaDavide, liyisikhumbuzo.*

70 O Nkulunkulu, ngisindise;
O Jehova, shesha uzongisiza.[b]
2 Kwangathi labo abafuna ukungibulala
Bangaba namahloni bahlazeke.
Kwangathi abajabula ngenhlekelele yami
Bangabaleka behlazekile.
3 Kwangathi labo abathi: "Uyalayeka! Uyalayeka!"
Bangabuyela emuva benamahloni.
4 Kodwa kwangathi labo abakufunayo
Bangajabula bathokoze ngawe.[c]
Kwangathi labo abathanda insindiso yakho bangahlale bethi:
"Makadunyiswe uNkulunkulu!"
5 Kodwa mina ngicindezelekile futhi ngimpofu;[d]
O Nkulunkulu, ngisize ngokushesha.[e]
Wena ungumsizi wami nomkhululi wami;[f]
O Jehova, ungalibali.[g]

71 O Jehova, ngiphephele kuwe.
Kwangathi ngingeze ngaba namahloni.[h]
2 Ngikhulule ungisindise ngokulunga kwakho.
Ngilalele* ungisindise.[i]
3 Yiba yidwala kimi
Engizoya kulo njalo.
Yala ukuba ngisindiswe,
Ngoba wena uyidwala lami nesiphephelo sami.[j]

---

69:28 *Noma, "yokuphila." 69:35 *Okuwukuthi, izwe.

70:0 *Noma, "elokukhumbuza." 71:2 *Noma, "Goba ulalele."

ISAHL. 69
a Eks 32:33
b Flp 4:3; IsA 3:5; IsA 13:8
c Hu 109:22
d Hu 50:13-15; Hos 14:2
e Hu 10:17; Hu 102:17; Isay 66:2
f Hu 146:7; Isay 61:1; Luk 4:18
g Hu 96:11; Isay 49:13
h Hu 51:18
i Isay 61:9; Isay 66:22

Uhla 2
a Hu 91:14; Jak 1:12

ISAHL. 70
b Hu 40:13-17
c Hu 5:11; IsiL 3:25
d Hu 109:22
e Hu 141:1
f Hu 18:2
g Hu 13:3

ISAHL. 71
h Hu 25:2; Hu 31:1-3; Isay 45:17; Jer 17:18
i Hu 34:15
j 2Sa 22:2, 3; Hu 18:2; Hu 144:2

4 O Nkulunkulu wami, ngikhulule esandleni somubi,[a]
Ekubanjweni umcindezeli ongenabulungisa.
5 Ngoba wena uyithemba lami, Nkosi EnguMbusi Jehova;
Bengilokhu ngithembele kuwe kusukela ebusheni bami.[b]
6 Ngathembela kuwe kusukela ngizalwa;
Nguwe owangikhipha esibelethweni sikamama.[c]
Ngikudumisa njalo.
7 Abantu abaningi bamangala lapho bebona okwakwenzeke kimi,
Kodwa wena, uyisiphephelo sami esiqinile.
8 Umlomo wami uzokudumisa usuku lonke;[d]
Ukhulume ngobuhle bakho.
9 Ungangilahli lapho sengigugile;[e]
Ungangishiyi lapho amandla ami ephela.[f]
10 Izitha zami zikhuluma ngami,
Nalabo abafuna ukungibulala bayacebisana,[g]
11 Bathi: "UNkulunkulu umshiyile.
Mjaheni nimbambe, ngoba akekho ozomsindisa."[h]
12 O Nkulunkulu, ungabi kude nami.
Nkulunkulu wami, phuthuma ungisize.[i]
13 Kwangathi labo abamelana nami
Bangaba namahloni bashabalale.[j]
Kwangathi labo abangifunela inhlekelele
Bangambozwa ngehlazo nangokululazeka.[k]
14 Kepha mina, ngizolinda njalo;
Ngizokudumisa kakhulu kunasekuqaleni.
15 Umlomo wami uyokhuluma ngokulunga kwakho,[a]
Uyokhuluma ngezenzo zakho zokusindisa usuku lonke,
Nakuba zizining ukuba ngiziqonde.*[b]
16 Ngizokhuluma ngezenzo zakho ezimangalisayo,
Nkosi EnguMbusi Jehova;
Ngizokhuluma ngokulunga kwakho, kwakho wedwa.
17 O Nkulunkulu, ungifundisile kusukela ebusheni bami,[c]
Kuze kube manje ngimemezela ngemisebenzi yakho emangalisayo.[d]
18 O Nkulunkulu, ungangishiyi ngisho nalapho sengigugile ngimpunga.[e]
Mangixoxele isizukulwane esizayo ngamandla akho,*
Ngamandla akho kubo bonke abasazofika.[f]
19 Ukulunga kwakho Nkulunkulu, kuphakeme kakhulu;[g]
Wenze izinto ezinkulu;
O Nkulunkulu ubani onjengawe?[h]
20 Nakuba uvumele ukuba ngibhekane nokucindezeleka nenhlekelele,[i]
Phinde ungivuselele;
Ngikhiphe ekujuleni komhlaba.*[j]
21 Kwangathi ungangikhulisa nakakhulu
Ungivikele ungiduduze.
22 Khona-ke ngizokudumisa ngensimbi yomculo enezintambo
Ngenxa yokwethembeka kwakho, Nkulunkulu.[k]

---

**71:15** * Noma, "ngizibale." **71:18** * NgesiHebheru, "ngengalo yakho." **71:20** * Noma, "emanzini ajulile."

---

ISAHL. 71
a Hu 17:8, 9; Hu 59:1; Hu 140:4; Mat 6:13
b 1Sa 17:45; Jer 17:7
c Hu 22:9, 10; Hu 139:16; Isay 46:3
d Hu 51:15; Heb 13:15
e Hu 92:14
f Hu 73:26; Shu 12:3
g 2Sa 17:1, 2
h Hu 3:2; Hu 42:10; Mat 27:42, 43
i Hu 22:11; Hu 35:22; Hu 38:21, 22
j 2Sa 17:23
k Hu 109:29

Uhla 2
a Hu 35:28; Hu 40:9
b Hu 40:5
c Hu 71:5
d 2Sa 22:1; 1Kr 16:4; Hu 9:1
e Hu 37:25; Hu 71:9
f Eks 13:8; 1Kr 29:10, 11; Hu 78:2-4
g Hu 36:6
h Eks 15:11; Hu 86:8; Hu 89:6; Jer 10:7
i 2Sa 12:10, 11
j Hu 40:2; Hu 86:13
k Hu 25:10; Hu 108:4; Hu 146:6

Ngizokuhubela izindumiso* ngehabhu,
Wena oNgcwele ka-Israyeli.
23 Umlomo wami uzomemeza ngenjabulo lapho ngikudumisa,[a]
Ngoba usindise ukuphila kwami.[b]
24 Ngizokhuluma* ngokulunga kwakho usuku lonke,[c]
Ngoba labo abafuna ukungibulala bayoba namahloni, bahlazeke.[d]

Ihubo eliphathelene noSolomoni.

72 O Nkulunkulu, nika inkosi izahlulelo zakho,
Unike indodana yenkosi ukulunga kwakho.[e]
2 Kwangathi ingamela abantu bakho ngokulunga,
Nabantu bakho abahluphekile ngobulungisa.[f]
3 Izintaba mazilethe ukuthula kubantu,
Namagquma mawalethe ukulunga.
4 Mayivikele* abahluphekile,
Mayisindise amadodana ompofu,
Mayimbulale oqola abanye.[g]
5 O Nkulunkulu, abantu bayokwesaba uma nje kusenelanga
Uma nje inyanga isekhona,
Izizukulwane ngezizukulwane.[h]
6 Inkosi iyoba njengemvula eyehlela otshanini obugundiwe,
Njengemvula enkulu emanzisa umhlaba.[i]
7 Ezinsukwini zayo olungile uyoqhakaza,*[j]
Nokuthula kuyochichima[k]
uma nje inyanga isekhona.
8 Iyoba nezikhonzi kusukela olwandle kuze kube solwandle
Kusukela eMfuleni* kuze kube semikhawulweni yomhlaba.[a]
9 Abahlala ogwadule bayoyikhothamela,
Inkosi iyozinqoba izitha zayo.[b]
10 Amakhosi aseTharishishi nawaseziqhingini ayokhokha intela.[c]
Amakhosi aseSheba nawaseSeba ayoletha izipho.[d]
11 Wonke amakhosi ayoyikhothamela,
Nazo zonke izizwe ziyoyikhonza.
12 Ngoba iyokhulula ompofu okhalela usizo,
Nohluphekile nanoma ubani ongenamsizi.
13 Iyohawukela ophansi noswele,
Iyosindisa ukuphila kwabampofu.
14 Iyobakhulula ekucindezelweni nasebudloveni,
Igazi labo liyoba yigugu emehlweni ayo.
15 Mayiphile futhi inikwe igolide laseSheba.[e]
Mayithandazelwe njalo,
Mayibusiswe usuku lonke.
16 Kuyoba nenala yokudla okusanhlamvu emhlabeni;[f]
Kuyochichima phezu kwezintaba.
Amasimu enkosi ayothela kakhulu njengaseLebhanoni,[g]
Nasemadolobheni abantu bayoba baningi njengotshani obusemhlabeni.[h]
17 Igama layo malihlale kuze kube phakade,[i]

---

71:22 *Noma, "Ngizokuculela." 71:24 *Noma, "Ngizozindla." 72:4 *NgesiHebheru, "Mayahlulele." 72:7 *NgesiHebheru, "uyohluma."

72:8 *Okuwukuthi, i-Ewufrathe.

ISAHL. 71
a Hu 63:5; Hu 104:33
b 2Sa 4:9; Hu 103:4
c Hu 71:8
d Hu 71:13

ISAHL. 72
e 1Kr 22:11, 12; 1Kr 29:19; Jer 23:5
f 1Kh 3:9, 28
g Isay 11:4
h Hu 89:36, 37; Luk 1:32, 33; IsA 11:15
i 2Sa 23:3, 4; IzA 16:15; IzA 19:12
j Isay 61:11
k 1Kh 4:25; 1Kr 22:9; Isay 2:4; Isay 9:6

Uhla 2
a Eks 23:31; 1Kh 4:21; Hu 2:8; Hu 22:27, 28; Dan 2:35; Zak 9:10
b Hu 2:9; Hu 110:1
c 1Kh 4:21
d 1Kh 10:1, 2
e 1Kh 10:10
f Isay 30:23
g Isay 35:1, 2
h 1Kh 4:20
i Hu 45:17; Hu 89:35, 36

Igama layo malichume uma
nje kusenelanga.
Kwangathi abantu bangazi-
tholela isibusiso ngayo;[a]
Zonke izizwe mazithi iyaja-
bula.
18 Makadunyiswe uJehova
uNkulunkulu, uNkulunku-
lu ka-Israyeli,[b]
Okunguye yedwa owenza
izinto ezimangalisayo.[c]

ISAHL. 72
a Gen 22:18
Gal 3:14
b 1Kr 29:10
c Eks 15:11

Uhla 2
a IsA 5:13
b Num 14:21
Hab 2:14
c 1Sa 17:58

19 Malidunyiswe kuze kube
phakade igama lakhe eli-
khazimulayo,[a]
Kwangathi umhlaba wonke
ungagcwala inkazimulo
yakhe.[b]
Amen, Amen.
20 Imithandazo kaDavide,
indodana kaJese,[c] iphele-
la lapha.

## INCWADI YESITHATHU
## (AmaHubo 73-89)

Ihubo lika-Asafa.[a]
73 UNkulunkulu muhle nge-
mpela ku-Israyeli, ku-
labo abahlanzekile
enhliziyweni.[b]
2 Kusale kancane ukuba izi-
nyawo zami ziphambuke;
Kusale kancane ukuba
ngishelele lapho nginya-
thela.[c]
3 Ngoba ngaba nomona nga-
baqhoshayo*
Lapho ngibona ukuthula
kwabantu
abakhohlakele.[d]
4 Ngoba abezwa buhlungu
kuze kube sekufeni;
Futhi bayimiqemane.*[e]
5 Abakhathazeki njengaba-
nye abantu,[f]
Futhi abahlupheki njenga-
banye abantu.[g]
6 Ngenxa yalokho, uku-
qhosha kunjengomgexo
kubo;[h]
Bagqoka ubudlova njenge-
ngubo.
7 Amehlo abo aqhunsukile
ngenxa yokukhuluphala;*
Banokuningi kunalokho
abebekufisa.
8 Bayadelela futhi basho izi-
nto ezimbi.[i]

73:3 *Noma, "ngabazikhukhumezayo."
73:4 *Noma, "banomkhaba omkhulu."
73:7 *Noma, "yokuchuma."

ISAHL. 73
a 2Kr 35:15
b Hu 84:11
Mat 5:8
c Hu 94:18
d Job 21:7
Jer 12:1
e Shu 7:15
f Job 12:6
Job 21:7, 9
g Jer 12:1
h Job 21:14, 15
i Hu 53:1

Uhla 2
a 1Kh 21:7
b Hu 10:4, 11
Hu 94:3, 7
Hez 8:12
Zef 1:12
c Hu 37:35
d Hu 17:14
e Job 34:7, 9
Job 35:3
f Hu 34:19
g Job 7:17, 18

Ngokuzikhukhumeza baso-
ngela ukucindezela aba-
nye.[a]
9 Bakhuluma njengokungathi
baphakeme njengezulu,
Nolimi lwabo luyaqhosha
emhlabeni.
10 Ngakho abantu bakaNku-
lunkulu* baphendukela
kubo,
Futhi baphuza emanzini
abo amaningi.
11 Bathi: "UNkulunkulu wazi
kanjani?[b]
Ingabe oPhezukonke unalo
ngempela ulwazi?"
12 Laba yibo ababi, okuhlale
kubahambela kahle.[c]
Balokhu bandisa ingcebo
yabo.[d]
13 Impela kube yize ukugcina
inhliziyo yami imsulwa
Nokuhlanza izandla zami
zibe msulwa.[e]
14 Ngangikhathazeka usuku
lonke;[f]
Njalo ekuseni ngangijezi-
swa.[g]
15 Kodwa ukube bengizikhu-
lumile lezi zinto,
Bengiyobalimaza abantu
bakho.*

73:10 *NgesiHebheru, "bakhe." 73:15 *NgesiHebheru, "isizukulwane samadodana akho."

**16** Lapho ngizama ukukuqonda,
Kwakungibangela ukukhathazeka
**17** Kwaze kwaba yilapho ngingena endlini engcwele kaNkulunkulu,
Futhi ngiliqonda ikusasa labo.
**18** Ngokuqinisekile wena ubabeka endaweni eshelelayo.[a]
Ubenza bawe babe yincithakalo.[b]
**19** Yeka indlela abaqothulwe ngayo ngokuphazima kweso![c]
Yeka ukuthi kushesha kanjani ukuqothulwa kwabo njengoba beshabalala kabuhlungu!
**20** Njengephupho lapho umuntu evuka, wena Jehova,
Uyobalahla* lapho uvuka.
**21** Kodwa inhliziyo yami yayimuncu,[d]
Ekujuleni kwenhliziyo yami* ngezwa ubuhlungu obukhulu.
**22** Ngangingacabangi futhi ngingenakho ukuqonda;
Nganginjengesilwane esingenangqondo phambi kwakho.
**23** Kodwa manje nginawe njalo;
Ubambe isandla sami sokudla.[e]
**24** Uyangiqondisa ngeseluleko sakho,[f]
Kamuva uyongiholela enkazimulweni.[g]
**25** Ubani enginaye emazulwini?
Angifisi lutho emhlabeni ngaphandle kwakho.[h]
**26** Umzimba wami nenhliziyo yami kungayeka ukusebenza,
Kodwa uNkulunkulu uyidwala lenhliziyo yami nesabelo sami kuze kube phakade.[a]
**27** Ngempela, labo abaqhelayo kuwe bayoshabalala.
Uyobaqeda* bonke abakushiya ngenxa yokuziphatha okubi.[#b]
**28** Kodwa ukusondela kuNkulunkulu kuhle kimi.[c]
Ngenze iNkosi EnguMbusi uJehova yaba isiphephelo sami,
Ukuze ngimemezele yonke imisebenzi yakho.[d]

Imaskili.* Elika-Asafa.[e]

**74** Kungani Nkulunkulu usilahlile kwaze kwaba phakade?[f]
Kungani intukuthelo yakho ivuthela* umhlambi wezimvu zedlelo lakho?[g]
**2** Khumbula isizwe* owasikhetha kudala,[h]
Isizwe owasikhulula ukuba sibe yifa lakho.[i]
Khumbula iNtaba iZiyoni obuhlala kuyo.[j]
**3** Hamba uye endaweni ebhujiswe phakade.[k]
Isitha sicekele phansi yonke into esendaweni engcwele.[l]
**4** Izitha zakho zibhongile phakathi endaweni yakho yokuhlangana.[m]
Zimise amafulege azo njengophawu.
**5** Zaba njengabantu abagenca ihlathi eliminyene ngezimbazo.

---

**ISAHL. 73**
*a* Hu 35:6, 7; Jer 23:11, 12
*b* Hu 37:10, 20; Hu 55:23; IzA 3:33
*c* Job 21:23; Hu 37:1, 2; Isay 30:13
*d* Hu 73:3
*e* Hu 16:8; Hu 63:8; Isay 41:10
*f* Hu 25:9; Hu 32:8; Hu 37:23; Hu 143:10; IzA 3:6
*g* Hu 37:34
*h* Hu 42:2; Hu 84:2; Isay 26:9

**Uhla 2**
*a* Hu 16:5; IsiL 3:24
*b* Num 15:39; Jak 4:4
*c* Hu 65:4; Jak 4:8
*d* Hu 118:17

**ISAHL. 74**
*e* 1Kr 25:1; 2Kr 35:15
*f* IsiL 5:20
*g* Dut 29:19, 20; Hu 100:3
*h* Dut 9:29
*i* Dut 4:20; Dut 32:9
*j* Hu 48:2; Hu 132:13
*k* Dan 9:17
*l* Hu 79:1
*m* IsiL 2:7

---

**73:20** *NgesiHebheru, "Uyobenyanya." **73:21** *NgesiHebheru, "Ezinsweni zami."

**73:27** *NgesiHebheru, "Uyobathulisa." #Noma, "yokungathembeki." **74:0** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **74:1** *NgesiHebheru, "ishunqela." **74:2** *NgesiHebheru, "inhlangano yakho."

**6** Zaphihliza okuqoshiwe[a]
kwendawo yokuhlangana
ngembazo nangesando.
**7** Zishise indlu yakho
engcwele ngomlilo.[b]
Zangcolisa itabernakele
elibizwa ngegama lakho,
zalidilizela emhlabathini.
**8** Zona nenzalo yazo zithe
ezinhliziyweni zazo:
"Zonke izindawo zokuhla-
ngana zikaNkulunkulu*
kumele zishiswe ezweni."
**9** Akukho zimpawu ukuze si-
bone;
Akusekho noyedwa umpro-
fethi,
Akekho noyedwa phakathi
kwethu owaziyo ukuthi
kuzoqhubeka kuze kube
nini lokhu.
**10** O Nkulunkulu, kuyoze
kube nini isitha sikuklolo-
dela?[c]
Ingabe isitha sizolokhu si-
delela igama lakho kuze
kube phakade?[d]
**11** Kungani ugodla isandla sa-
kho, isandla sakho soku-
dla?[e]
Sisuse esifubeni sakho,*
ubabhubhise.
**12** UNkulunkulu uyiNkosi
yami kusukela kudala,
Yena osindisayo emhla-
beni.[f]
**13** Wena wanyakazisa ulwa-
ndle ngamandla akho;[g]
Waphihliza amakhanda ezi-
lwane ezinkulu zasolwa-
ndle emanzini.
**14** Wena waphihliza ikhanda*
likaLeviyathani# laba yizi-
cucu.
Walinika abantu ukuba bali-
dle, labo abahlala ezinda-
weni ezisogwadule.
**15** Wenza iziphethu nemifu-
dlana;[a]
Womisa imifula egeleza
njalo.[b]
**16** Imini ingeyakho nobusuku
bungobakho.
Wena wenza ukukhanya*
nelanga.[c]
**17** Wamisa yonke imingcele
yomhlaba;[d]
Wenza ihlobo nobusika.[e]
**18** Khumbula ukukloloda kwe-
sitha, Jehova,
Indlela abantu abayiziphu-
kuphuku abalidelela nga-
yo igama lakho.[f]
**19** Ungalinikeli ijuba lakho*
esilwaneni sasendle.
Ungakukhohlwa unomphe-
la ukuphila kwabantu ba-
kho abahluphekile.
**20** Khumbula isivumelwano,
Ngoba izindawo ezimnyama
zomhlaba sezigcwele ubu-
dlova.
**21** Kwangathi ocindezelekile
angedumazeke;[g]
Kwangathi ohluphekile no-
mpofu bangadumisa iga-
ma lakho.[h]
**22** Sukuma, Nkulunkulu, we-
nze ukuba kube nobulu-
ngisa.
Khumbula indlela isiphu-
kuphuku esikuklolodela
ngayo usuku lonke.[i]
**23** Ungakukhohlwa lokho oku-
shiwo izitha zakho.
Umsindo walabo abakuvu-
kelayo unyuka njalo.

Kumqondisi. Ngenothi elithi
"Ungachithi." Elika-Asafa.[j] Ingoma.

**75** Siyakubonga Nkulunku-
lu, siyakubonga;
Wena unathi,[k]

ISAHL. 74
a 1Kh 6:18, 35
b 2Kh 25:9; Isay 64:11
c Hu 13:2; Hu 79:4
d Hez 36:23
e Hu 44:23; Isay 64:12; IsiL 2:3
f Eks 15:2; Isay 33:22
g Eks 14:21; Neh 9:10, 11

Uhla 2
a Isay 48:21
b Jos 3:13
c Gen 1:3, 5; Hu 136:7, 8
d IzE 17:26
e Gen 8:22
f Isay 52:5
g Hu 12:5
h Ezr 3:11
i Hu 89:50, 51; Isay 52:5

ISAHL. 75
j 2Kr 35:15
k Isay 30:27

**74:8** *Noma, "Zonke izindawo zokukhulekela uNkulunkulu." **74:11** *Noma, "Sikhiphe emphethweni wengubo yakho." **74:14** *NgesiHebheru, "amakhanda." #Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **74:16** *Noma, "inkanyiso." **74:19** *Noma, "Ungawunikeli umphefumulo wejuba lakho."

Abantu bamemezela ngemisebenzi yakho emangalisayo.
2 Ngoba uthi: “Lapho sengibeke isikhathi sokwahlulela,
Ngahlulela ngobulungisa.
3 Lapho umhlaba nabo bonke abahlala kuwo kuncibilikiswa,
Yimi engaqinisa izinsika zawo.” (*Sela*)
4 Ngithi kwabaqhoshayo: “Ningaqhoshi,”
Nakwababi: “Ningaqhoshi ngamandla enu.*
5 Ningaqhoshi ngokuthi ninamandla amakhulu.*
Noma nikhulume ngokuzikhukhumeza.
6 Ngoba ukuphakanyiswa akuveli
Empumalanga noma entshonalanga noma eningizimu.
7 Ngoba uNkulunkulu unguMahluleli.[a]
Wehlisa omunye aphakamise omunye.[b]
8 Ngoba kukhona indebe esandleni sikaJehova;[c]
Iwayini ligaywe kahle, likhihlika ingwebu.
Ngokuqinisekile uyolithulula;
Bonke ababi abasemhlabeni bayoliphuza lize liphele nya.”[d]
9 Kodwa mina, ngiyomemezela ngakho lokhu kuze kube phakade;
Ngiyomdumisa* uNkulunkulu kaJakobe.

ISAHL. 75
a Hu 50:6 Hu 58:11
b 1Sa 2:7 Dan 2:21 Dan 4:17 Luk 1:52
c Hu 11:5, 6
d Job 21:19, 20 Jer 25:15, 28 Jer 49:12 IsA 14:9, 10 IsA 16:19 IsA 18:6

Uhla 2

ISAHL. 76
a 2Kr 35:15
b Hu 48:1, 3
c 2Kr 2:5
d Gen 14:18
e Hu 74:2 Hu 132:13 Hu 135:21
f 2Kr 32:21 Hu 46:9
g Luk 1:51
h Isay 31:8 Isay 37:36
i Nah 2:13
j Hu 89:7
k Jer 10:10 Nah 1:6
l 1Kh 8:49
m 2Kr 20:29 Hu 2:4, 5
n Hu 147:6 IzA 3:34 Zef 2:3
o IzA 16:4 Dan 3:19, 28

10 Ngoba uthi: “Ngizowaqeda wonke amandla* ababi,
Kodwa amandla# olungile ayophakanyiswa.”

Kumqondisi; kufanele lihambisane nezinsimbi zomculo ezinezintambo. Ihubo lika-Asafa.[a] Ingoma.

**76** UNkulunkulu uyaziwa kwaJuda;[b]
Igama lakhe likhulu kwa-Israyeli.[c]
2 Itabernakele lakhe lise-Salema,[d]
Uhlala eZiyoni.[e]
3 Wayiphula lapho imicibisholo evuthayo yomnsalo,
Ihawu nenkemba nezinye izikhali zempi.[f] (*Sela*)
4 O Nkulunkulu, uyakhazimula;*
Umkhulu kakhulu kunezintaba ezigcwele izilwane zasendle.
5 Abanesibindi baphangiwe.[g]
Bazumekile;
Amaqhawe awabanga nawo amandla okulwa.[h]
6 O Nkulunkulu kaJakobe, ngokumemeza kwakho,
Umshayeli wenqola nehhashi bafile.*[i]
7 Wena wedwa uyesabeka.[j]
Ubani ongamelana nentukuthelo yakho?[k]
8 Wakhipha isahlulelo usezulwini;[l]
Abahlala emhlabeni besaba bathula[m]
9 Lapho uNkulunkulu esukuma ukuba ahlulele,
Ukuze asindise bonke abamnene abasemhlabeni.[n] (*Sela*)
10 Ngoba intukuthelo yomuntu uyoyisebenzisela ukuzitholela udumo;[o]

**75:4** *NgesiHebheru, “Ningaluphakamisi uphondo lwenu.” **75:5** *NgesiHebheru, “Ningaluphakamiseli phezulu uphondo lwenu.” **75:9** *Noma, “Ngiyomculela.”

**75:10** *NgesiHebheru, “Ngiyozinquma zonke izimpondo.” #NgesiHebheru, “izimpondo.” **76:4** *Noma, “Umbozwe ukukhanya.” **76:6** *NgesiHebheru, “balele.”

Uyohloba ngezenzo zokugcina zentukuthelo yabo.
11 Yenzani izifungo kuJehova uNkulunkulu wenu bese nizigcwalisa,[a]
Bonke abamzungezile mabalethe isipho ngokwesaba.[b]
12 Uyothobisa abaholi abaqhoshayo;*
Wenza amakhosi omhlaba esabe.

Kumqondisi; ngenothi leJeduthuni.* Elika-Asafa.[c] Ihubo.

77 Ngizokhala kuNkulunkulu ngezwi lami;
Ngizokhala kuNkulunkulu, yena uzongizwa.[d]
2 Lapho ngicindezelekile, ngifuna uJehova.[e]
Ebusuku ngiphakamisa izandla zami ngithandaze.
Angiduduzeki.
3 Lapho ngikhumbula uNkulunkulu, ngiyabubula;[f]
Ngikhathazekile, ngiphelelwa amandla.*[g] (*Sela*)
4 Awuwavumeli amehlo ami ukuba acimeze;
Ngikhathazekile, angikwazi nokukhuluma.
5 Ngikhumbula izinsuku zakudala,[h]
Iminyaka eyadlula kudala.
6 Ebusuku ngikhumbula ingoma yami;*[i]
Ngiyazindla enhliziyweni yami;[j]
Ngiyahlolisisa# ukuze ngiqonde.
7 Ingabe uJehova uyosilahla kuze kube phakade?[k]
Ngeke aphinde yini asibonise umusa wakhe?[l]
8 Ingabe uthando lwakhe oluqotho luphele phakade?
Ingabe isithembiso sakhe ngeke sigcwaliseke kuzo zonke izizukulwane?
9 UNkulunkulu usekhohliwe yini ukubonisa umusa,[a]
Noma ingabe intukuthelo yakhe iqede isihe sakhe? (*Sela*)
10 Kumele yini ngilokhu ngithi: "Yilokhu okungikhathazayo:*[b]
OPhezukonke useshintshe indlela asiphatha ngayo"?
11 Ngizoyikhumbula imisebenzi kaJah;
Ngizozikhumbula izenzo zakho ezimangalisayo zakudala.
12 Ngizozindla ngawo wonke umsebenzi wakho
Ngizocabangisisa ngezenzo zakho.[c]
13 O Nkulunkulu, izindlela zakho zingcwele.
Yimuphi nje unkulunkulu omkhulu njengawe, Nkulunkulu?[d]
14 Wena unguNkulunkulu weqiniso, owenza izinto ezimangalisayo.[e]
Uwabonisile amandla akho ezizweni.[f]
15 Abantu bakho ubakhululile ngamandla* akho,[g]
Amadodana kaJakobe nakaJosefa. (*Sela*)
16 O Nkulunkulu, amanzi akubona;
Amanzi akubona aphazamiseka.[h]
Amanzi ajulile ayaluza.
17 Amafu athulula amanzi.
Amafu amnyama aduma,
Imibani yakho yajikijeleka ngapha nangapha njengemicibisholo.[i]

ISAHL. 76
a Num 30:2
b 2Kr 32:23; Hu 89:7

ISAHL. 77
c 2Kr 35:15
d Hu 34:6; IzA 15:29
e Hu 18:6; Hu 50:15
f Hu 42:5
g Hu 143:4
h Hu 143:5; Isay 51:9
i Hu 42:8
j Hu 77:12
k Hu 74:1
l Hu 79:5

Uhla 2
a Isay 49:14; Isay 63:15
b Hu 31:22
c 1Kr 16:9; Hu 143:5
d Eks 15:11; Hu 89:8
e Hu 72:18; IsA 15:3
f Eks 9:16; Isay 52:10; Dan 3:29; Dan 6:26, 27
g Eks 6:6; Dut 9:29
h Eks 14:21; Jos 3:16; Hu 114:1-3
i 2Sa 22:15; Hu 144:6

**76:12** *NgesiHebheru, "Uyothobisa umoya wabaholi." **77:0** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **77:3** *NgesiHebheru, "umoya wami ubuthakathaka." **77:6** *Noma, "umculo wami wezintambo." #NgesiHebheru, "Umoya wami uyahlolisisa."

**77:10** *Noma, "okungihlabayo." **77:15** *NgesiHebheru, "ngengalo."

**18** Umsindo wokuduma[a] wawunjengowamasondo enqola;
Imibani yakhanyisa umhlaba;*[b]
Umhlaba wandindizela wazamazama.[c]
**19** Indlela yakho yanqamula olwandle,[d]
Indlela yakho yanqamula emanzini amaningi;
Kodwa izinyathelo zakho azizange zibonakale.
**20** Abantu bakho wabahola njengomhlambi,[e]
Usebenzisa* uMose no-Aroni.[f]

Imaskili* lika-Asafa.[g]

**78** Lalelani umthetho* wami, bantu bami;
Nakani amazwi ami.
**2** Ngizokhuluma isaga.
Ngizosho iziphicaphicwano zakudala.[h]
**3** Izinto esizizwile nesizaziyo,
Obaba bethu abasixoxela zona,[i]
**4** Ngeke sisifihlele isizukulwane sabo;
Lezi zinto sizozixoxela isizukulwane esizayo[j]
Izenzo zikaJehova ezifanele ukudunyiswa namandla akhe,[k]
Izinto ezimangalisayo azenzile.[l]
**5** Wamisa isikhumbuzo kwa-Jakobe
Wabeka umthetho kwa-Israyeli;
Wayala okhokho bethu
Ukuba batshele izingane zabo ngalezi zinto,[m]
**6** Ukuze isizukulwane esizayo,
Izingane ezisazozalwa zizazi.[a]
Nazo zixoxele izingane zazo.[b]
**7** Bese nazo zithembela kuNkulunkulu.
Ngeke ziyikhohlwe imisebenzi kaNkulunkulu[c]
Kodwa zizogcina imiyalo yakhe.[d]
**8** Khona-ke ngeke zibe njengokhokho bazo,
Isizukulwane esasinenkani nesasidlubulunda,[e]
Isizukulwane esasinenhliziyo engagxilile*[f]
Nesasingathembekile kuNkulunkulu.
**9** Abakwa-Efrayimi babehlome ngomnsalo,
Kodwa babaleka ngosuku lwempi.
**10** Abasigcinanga isivumelwano sikaNkulunkulu[g]
Abawulalelanga umthetho wakhe.[h]
**11** Bakukhohlwa lokho ayekwenzile,[i]
Imisebenzi yakhe emangalisayo ayebabonise yona.[j]
**12** Wayenze izinto ezimangalisayo okhokho babo bebuka,[k]
Ezweni laseGibhithe, esifundeni saseZowani.[l]
**13** Wahlukanisa ulwandle ukuze bawele,
Wabangela ukuba amanzi ame njengedamu.*[m]
**14** Wabahola ngefu emini
Nangokukhanya komlilo ubusuku bonke.[n]
**15** Waqhekeza amadwala ehlane,
Wabaphuzisa baze baneliseka njengokungathi baphuza echibini elijulile.[o]

**ISAHL. 77**
a Hu 29:3
b Hu 97:4
c Eks 19:18; 2Sa 22:8
d Neh 9:10, 11; Hab 3:15
e Eks 13:21; Hu 78:52
f Isay 63:11; IzE 7:35, 36

**ISAHL. 78**
g 1Kr 25:1
h IzA 1:5, 6; Mat 13:34, 35
i Eks 13:8; Hu 44:1
j Dut 4:9; Dut 6:6, 7; Dut 6:21; Dut 11:18, 19; Jos 4:6, 7
k Isay 63:7
l Hu 98:1
m Gen 18:19; Dut 6:6, 7

**Uhla 2**
a Hu 71:17, 18; Hu 102:18
b Dut 4:10
c Dut 4:9; Hu 103:2
d Dut 5:29
e Eks 32:9; Dut 1:43; Dut 31:27; 2Kh 17:13, 14; Hez 20:18; IzE 7:51
f Hu 81:11, 12; Jer 7:24-26
g Dut 31:16
h 2Kr 13:8, 9; Neh 9:26
i Dut 32:18; 2Kr 13:12; Jer 2:32
j Hu 106:21, 22
k Dut 4:34; Neh 9:10
l Num 13:22
m Eks 14:21, 22; Eks 15:8
n Eks 13:21; Eks 14:20, 24
o Eks 17:6; Num 20:11; Hu 105:41; Isay 48:21; 1Ko 10:4

**77:18** *Noma, "izwe." **77:20** *NgesiHebheru, "Ngesandla." **78:0** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **78:1** *Noma, "isiqondiso."

**78:8** *NgesiHebheru, "engalungisiwe." **78:13** *Noma, "njengodonga."

**16** Waveza imifudlana edwaleni
Wabangela amanzi ukuba ageleze njengemifula.[a]
**17** Kodwa baqhubeka bona kuye
Ngokuvukela oPhezukonke ogwadule;[b]
**18** Bavivinya uNkulunkulu ezinhliziyweni zabo[c]
Ngokufuna ngenkani ukudla ababekuhalela.
**19** Ngakho bakhononda ngoNkulunkulu,
Bethi: "Angakwazi yini uNkulunkulu ukusinika ukudla ehlane?"[d]
**20** Ngakho washaya idwala
Kwageleza amanzi nemifudlana.[e]
"Angakwazi yini nokusinika isinkwa,
Noma anikeze abantu bakhe inyama?"[f]
**21** Lapho uJehova ebezwa wathukuthela;[g]
Waletha umlilo[h] ukuze ajezise uJakobe,
Intukuthelo yakhe yawavuthela ama-Israyeli[i]
**22** Ngoba awazange abe nokholo kuNkulunkulu;[j]
Ayengathembi ukuthi angakwazi ukuwasindisa.
**23** Ngakho wayala isibhakabhaka esinamafu phezulu,
Wavula iminyango yezulu.
**24** Wayelokhu ebanisela imana ukuze badle;
Wabanika ukudla kwasezulwini.[k]
**25** Abantu badla ukudla kwezingelosi;*[l]
Wabanika okuningi ukuze baneliseke.[m]
**26** Wavusa umoya wasempumalanga emazulwini
Ngamandla akhe, wenza ukuba kuvunguze umoya waseningizimu.[a]
**27** Wehlisela phezu kwabo inyama njengothuli,
Izinyoni ezingangesihlabathi esisogwini lolwandle.
**28** Wenza ukuba ziwele phakathi kwekamu lakhe,
Nxazonke zamatende akhe.
**29** Badla baphanga;
Wabanika ababekufisa.[b]
**30** Kodwa bengakazanelisi,
Nokudla kwabo kusesemilonyeni yabo,
**31** Ulaka lukaNkulunkulu lwabavuthela.[c]
Wabulala amadoda ayizidlakela kubo;[d]
Waziwisa izinsizwa zika-Israyeli.
**32** Naphezu kwakho konke lokhu, baqhubeka nokona[e]
Ababanga nalo ukholo emisebenzini yakhe emangalisayo.[f]
**33** Ngakho waqeda izinsuku zabo njengokungathi ziwumoya okhishwa ngamakhala,[g]
Neminyaka yabo ngokwesaba.
**34** Kodwa njalo lapho uNkulunkulu ebulala abanye babo, babemfuna;[h]
Babebuya bamfune uNkulunkulu,
**35** Bekhumbula ukuthi uNkulunkulu wayeyiDwala labo[i]
Nokuthi uNkulunkulu oPhezukonke wayenguMkhululi* wabo.[j]
**36** Kodwa bazama ukumkhohlisa ngemilomo yabo
Baqamba amanga ngolimi lwabo.

ISAHL. 78
a Dut 8:14, 15
b Dut 9:21, 22; Hu 95:8; Heb 3:16
c Hu 106:14
d Eks 16:8
e Eks 17:6
f Eks 16:3
g Num 11:10
h Heb 12:29
i Num 11:1
j Hu 106:24; Heb 3:10; Jud 5
k Eks 16:14, 35; Eks 16:31, 32; Num 11:7; Dut 8:3; Joh 6:31; 1Ko 10:2, 3
l Hu 103:20
m Eks 16:12

Uhla 2
a Num 11:31-34
b Num 11:19, 20
c Num 11:10
d Num 11:34
e Num 14:2-4; Num 25:3; 1Ko 10:8-10
f Eks 16:15; Dut 8:14, 15
g Num 14:29, 35; Dut 2:14
h Num 21:7; Hlu 4:3
i Dut 32:4
j Eks 6:6

**78:25** *Noma, "kwabanamandla."

**78:35** *Noma, "wayenguMphindiseleli."

37 Inhliziyo yabo yayingagxili-
le kuye;[a]
Babengathembekile esivu-
melwaneni sakhe.[b]
38 Kodwa wayenesihe;[c]
Wayebathethelela* izono
zabo angababhubhisi.[d]
Kaningi wayeyibamba intu-
kuthelo yakhe,[e]
Kunokuba avuse lonke ula-
ka lwakhe.
39 Wayekhumbula ukuthi ba-
yinyama,[f]
Umoya ovunguza unga-
buyi.*
40 Yeka ukuthi babemvukela
kaningi kangakanani
ehlane,[g]
Bemzwisa ubuhlungu
ogwadule![h]
41 Bamvivinya ngokuphinda-
phindiwe uNkulunkulu,[i]
Bamzwisa ubuhlungu*
oNgcwele ka-Israyeli.
42 Abazange bawakhumbule
amandla akhe,*
Usuku abakhulula ngalo
esitheni sabo,[j]
43 Indlela enza ngayo izibona-
kaliso zakhe eGibhithe[k]
Nezimangaliso zakhe esifu-
ndeni saseZowani,
44 Nendlela aphendula ngayo
imisele yeNayile yaba yi-
gazi[l]
Kangangokuba babenge-
nakuphuza emifudlaneni
yabo.
45 Wathumela iqulu lezibawu
ukuba zibalume[m]
Namaxoxo ukuba acekele
phansi izwe labo.[n]
46 Wanika izintethe eziqothu-
layo izitshalo zabo,
Wanika izintethe izithelo
zomsebenzi wabo.[a]
47 Waqothula amasimu abo
amagilebhisi
ngesichotho[b]
Nezihlahla zabo zemisikha-
mori ngamatshe esicho-
tho.
48 Wanikela izilwane zabo esi-
chothweni[c]
Nemfuyo yabo emibanini.*
49 Wehlisela phezu kwabo
intukuthelo yakhe evu-
thayo,
Ukufutheka nolaka nokuci-
ndezeleka,
Ibutho lezingelosi laletha
inhlekelele.
50 Wayidedela intukuthelo ya-
khe.
Akazange abasindise eku-
feni;
Wabanikela* esifweni esi-
wumshayabhuqe.
51 Ekugcineni wabulala wonke
amazibulo aseGibhithe,[d]
Ukuqala kwamandla abo
okuzala ematendeni ka-
Hamu.
52 Ngemva kwalokho wakhi-
pha abantu bakhe nje-
ngomhlambi wezimvu[e]
Wabahola njengomhlambi
ehlane.
53 Wabahola ngokulondeka,
Babengesabi;[f]
Ulwandle lwamboza izitha
zabo.[g]
54 Wabaletha endaweni yakhe
engcwele,[h]
Kulesi sifunda esinezintaba
asinqoba ngamandla
akhe.[i]
55 Waxosha izizwe phambi
kwabo;[j]

**78:38** *NgesiHebheru, "wayezimboza." **78:39** *Noma kungaba, "Ukuthi umoya uyaphuma ungabuyi." **78:41** *Noma, "Bamdabukisa." **78:42** *NgesiHebheru, "basikhumbule isandla sakhe."

**78:48** *Noma kungaba, "emfiveni enamandla." **78:50** *NgesiHebheru, "Wanikela ukuphila kwabo."

ISAHL. 78
a Hu 95:10; Heb 3:10
b Dut 31:20; Jer 31:32
c Eks 34:6; Num 14:18; Neh 9:31
d Num 14:19, 20; Jer 30:11; IsiL 3:22
e Neh 9:27; Isay 48:9; Hez 20:9
f Hu 103:14
g Num 14:11
h Isay 63:10; Efe 4:30; Heb 3:16
i Num 14:22; Dut 6:16; Hu 95:8, 9
j Eks 14:30
k Dut 4:34; Neh 9:10; Hu 105:27-36
l Eks 7:19
m Eks 8:24
n Eks 8:6

Uhla 2
a Eks 10:14, 15
b Eks 9:23
c Eks 9:25
d Eks 12:29; Hu 105:36
e Hu 77:20; Hu 105:37
f Eks 14:20; Heb 11:29
g Eks 14:27; Eks 15:10
h Eks 15:17
i Hu 44:3
j Jos 24:12; Hu 44:2

Wababela ifa ngentambo
yokukala;[a]
Wahlalisa izizwe zakwa-
Israyeli emizini yazo.[b]
56 Kodwa babelokhu bemvivi-
nya uNkulunkulu oPhezu-
konke, bemvukela;[c]
Abazange bazinake izikhu-
mbuzo zakhe.[d]
57 Bamfulathela benza ngo-
kukhohlisa njengokhokho
babo.[e]
Babengathembekile nje-
ngomnsalo oxegayo.[f]
58 Babelokhu bemcasula nge-
zindawo zabo eziphа-
keme,[g]
Bembangela ulaka* ngemi-
fanekiso yabo ebaziwe.[h]
59 UNkulunkulu wezwa wa-
thukuthela,[i]
Ngakho wamlahla ngoku-
phelele u-Israyeli.
60 Ekugcineni walishiya ita-
bernakele laseShilo,[j]
Itende ayehlala kulo phaka-
thi kwabantu.[k]
61 Wavumela umphongolo
omelela amandla akhe
ukuba uthunjwe;
Ubuhle bakhe wabunikela
esandleni sesitha.[l]
62 Wanikela abantu bakhe
enkembeni[m]
Walithukuthelela ifa lakhe.
63 Umlilo wazishisa izinsizwa
zakhe,
Nezintombi zakhe azizange
ziculelwe izingoma zom-
shado.*
64 Abapristi bakhe babulawa
ngenkemba,[n]
Abafelokazi babo abazange
bakhale.[o]
65 Khona-ke uJehova wapha-
phama njengokungathi
wayelele,[p]
Njengeqhawe elisanguluka
ewayinini.[a]
66 Wazixosha izitha zakhe;[b]
Wazihlaza phakade.
67 Walilahla itende likaJosefa;
Akazange asikhethe isizwe
sakwa-Efrayimi.
68 Kunalokho wakhetha isi-
zwe sakwaJuda,[c]
INtaba iZiyoni, ayitha-
ndayo.[d]
69 Wenza indlu yakhe engcwe-
le yahlala ikhona njenga-
mazulu,*[e]
Njengomhlaba awumise
phakade.[f]
70 Wakhetha uDavide[g] inceku
yakhe
Wamthatha esibayeni sezi-
mvu,[h]
71 Wamlanda ekwaluseni izi-
mvu zezinsikazi ezinceli-
sayo;
Wamenza umalusi phezu
kukaJakobe, isizwe sa-
khe,[i]
Naphezu kuka-Israyeli, ifa
lakhe.[j]
72 Wabelusa ngenhliziyo eqo-
tho,[k]
Wabahola ngezandla ezine-
khono.[l]

Ihubo lika-Asafa.[m]

79 O Nkulunkulu, izizwe zi-
hlasele ifa lakho;[n]
Zingcolise ithempeli lakho
elingcwele;[o]
IJerusalema zilenze laba yi-
nqwaba yamatshe.[p]
2 Zinike izinyoni zamazulu
izidumbu zezinceku za-
kho zaba ukudla
Zanika nezilwane zasendle
inyama yabaqotho
bakho.[q]

78:58 * Noma, "umhawu." 78:63 * NgesiHebheru, "Nezintombi zakhe azizange zidunyiswe."

78:69 * NgesiHebheru, "Wakha indlu yakhe engcwele yaba njengendawo ephakeme."

ISAHL. 78
a Jos 13:7
b Neh 9:24, 25
c Dut 31:16; Dut 32:15; Hlu 2:11; 2Sa 20:1; Neh 9:26
d 2Kh 17:15; Jer 44:23
e Dut 9:7; Hlu 3:6
f Hos 7:16
g Dut 12:2; Hlu 2:2; Hez 20:28
h Hlu 2:12; 1Sa 7:3
i Hlu 2:20
j Jos 18:1; 1Sa 4:11
k Jer 7:12
l 1Sa 4:21; 1Sa 5:1
m 1Sa 4:2, 10
n 1Sa 2:33, 34; 1Sa 4:11
o 1Sa 4:19
p Hu 44:23

Uhla 2
a Isay 42:13
b 1Sa 5:6
c Gen 49:10
d Hu 87:2; Hu 132:13; Hu 135:21
e Hu 76:2
f Hu 104:5; Hu 119:90; Shu 1:4
g 1Sa 16:12, 13
h 1Sa 17:15
i 2Sa 7:8
j 2Sa 6:21
k 2Sa 8:15; 1Kh 3:6; 1Kh 9:4; 1Kh 15:5
l 1Sa 18:14

ISAHL. 79
m 1Kr 25:1
n Eks 15:17
o 2Kh 24:12, 13; Hu 74:3, 7; IsiL 1:10
p 2Kh 25:9, 10; 2Kr 36:17-19; Jer 52:13
q Jer 7:33; Jer 15:3; Jer 34:20

3 Zichithe igazi labo njengamanzi nxazonke zeJerusalema,
Akukho muntu osele ozobangcwaba.[a]
4 Sesiyisihlamba komakhelwane bethu;[b]
Labo abasizungezile basenza inhlekisa, bayasiklolodela.
5 O Jehova, kuyoze kube nini uvutha ngolaka? Kuyoze kube phakade?[c]
Kuyoze kube nini intukuthelo yakho ivutha njengomlilo?[d]
6 Thululela ulaka lwakho phezu kwezizwe ezingakwazi
Naphezu kwemibuso engalibizi igama lakho.[e]
7 Ngoba zimshwabadele uJakobe
Izwe lakhe zilenze incithakalo.[f]
8 Ungasijezisi ngenxa yeziphambeko zokhokho bethu.[g]
Shesha usibonise isihe,[h]
Ngoba sithotshisiwe.
9 Sisize, Nkulunkulu wensindiso yethu,[i]
Ngenxa yegama lakho elikhazimulayo;
Sikhulule, uthethelele* izono zethu ngenxa yegama lakho.[j]
10 Kungani izizwe kufanele zithi: "Uphi uNkulunkulu wabo?"[k]
Masibone lapho wenza ukuba izizwe zazi
Ukuthi igazi elichithiwe lezinceku zakho seliphindiselelwe.[l]
11 Kwangathi ungakuzwa ukububula kwesiboshwa.[m]
Sebenzisa amandla akho
amakhulu* ukuze ulonde[#]
labo abagwetshelwe ukufa.[△a]
12 Phindisela komakhelwane bethu kasikhombisa[b]
Ngenxa yokukuklolodela kwabo, Jehova.[c]
13 Khona-ke thina, bantu bakho nomhlambi wedlelo lakho,[d]
Siyokubonga kuze kube phakade;
Siyomemezela udumo lwakho esizukulwaneni ngesizukulwane.[e]

Kumqondisi; ngenothi "Leminduze." Isikhumbuzo. Ihubo lika-Asafa.[f]

80 O Malusi ka-Israyeli, lalela,
Wena ohola uJosefa njengomhlambi.[g]
Wena ohlezi esihlalweni sobukhosi ngaphezu* kwamakherubi,[h]
Khanya.[#]
2 Vusa amandla akho,[i]
Phambi kuka-Efrayimi noBhenjamini noManase;
Woza usisindise.[j]
3 O Nkulunkulu, phinde usamukele;[k]
Sibonise umusa,* ukuze sisindiswe.[l]
4 Jehova Nkulunkulu wamabutho, kuyoze kube nini uzenza isitha sabantu* bakho futhi wenqaba ukulalela umthandazo wabo?[m]
5 Ubenza badle izinyembezi njengokungathi isinkwa sabo,

ISAHL. 79
a Jer 14:16; Jer 16:4
b Dut 28:37; Hez 36:4
c Hu 74:1; Hu 85:5; Isay 64:9
d Zef 1:18
e Jer 10:25
f 2Kr 36:20, 21
g Neh 9:34
h Hu 69:17; IsiL 3:22
i 1Kr 16:35
j Jos 7:9; 1Sa 12:22; 2Kr 14:11; Hu 115:1, 2; Isay 48:9; Jer 14:7
k Jow 2:17
l Jer 51:35; Hez 36:23
m Eks 2:23; Isay 42:6, 7

Uhla 2
a Hu 102:19, 20
b Jer 12:14
c Hu 74:18
d Hu 74:1; Hu 95:7; Hu 100:3
e Hu 145:4; Isay 43:21

ISAHL. 80
f 1Kr 25:1
g Hu 77:20; Isay 40:11; Jer 31:10; Hez 34:12; 1Pe 2:25
h Eks 25:20, 22; 1Sa 4:4
i Isay 42:13
j Isay 25:9
k Hu 85:4; IsiL 5:21
l Num 6:25; Hu 67:1, 2
m Hu 74:1; Hu 85:5; IsiL 3:44

**79:9** *NgesiHebheru, "uzimboze."

**79:11** *NgesiHebheru, "ingalo yakho." #Noma kungaba, "ukhulule." △NgesiHebheru, "amadodana okufa." **80:1** *Noma kungaba, "phakathi." #Noma, "Veza ukukhanya kwakho." **80:3** *NgesiHebheru, "Khanyisa ubuso bakho." **80:4** *NgesiHebheru, "uthukuthelele abantu."

Ubaphuzisa amathantala ezinyembezi.
6 Omakhelwane bethu baxabana ngathi;
Izitha zethu zihlekisa ngathi ngokuthanda kwazo.[a]
7 O Nkulunkulu wamabutho, phinde usamukele;
Sibonise umusa,* ukuze sisindiswe.[b]
8 Wakhipha isihlahla samagilebhisi[c] eGibhithe.
Waxosha izizwe, watshala sona.[d]
9 Wacenta phambi kwaso,
Samila izimpande sagcwala izwe.[e]
10 Izintaba zambozwa yithunzi laso,
Nemisedari kaNkulunkulu yambozwa ngamagatsha aso.
11 Amagatsha aso aze afinyelela olwandle,
Namahlumela aso afinyelela eMfuleni.*[f]
12 Uzibhidlizeleni izindonga zamatshe zensimu yamagilebhisi,[g]
Ukuze bonke abadlula ngendlela bakhe izithelo zayo?[h]
13 Izingulube zehlathi ziyicekela phansi,
Nezilwane zasendle ziklaba kuyo.[i]
14 O Nkulunkulu wamabutho, sicela ubuye.
Bheka phansi usezulwini, ubone!
Nakekela lesi sihlahla samagilebhisi,[j]
15 Isihlahla* ositshale ngesandla sakho sokudla,[k]
Ubheke indodana* ozikhulisele yona.[a]
16 Sishiswe ngomlilo,[b] sagawulwa.
Ngokukhuza kwakho* abantu bayashabalala.
17 Isandla sakho masisekele umuntu ongasesandleni sakho sokudla,
Indodana yomuntu ozikhulisele yona.[c]
18 Khona-ke ngeke sikushiye.
Silonde, ukuze sibize igama lakho.
19 O Jehova Nkulunkulu wamabutho, phinde usamukele;
Sibonise umusa,* ukuze sisindiswe[d]

Kumqondisi; ngenothi leGititi.* Elika-Asafa.[e]

**81** Memezani ngenjabulo phambi kukaNkulunkulu ongamandla ethu.[f]
Memezani ngenjabulo nidumise uNkulunkulu kaJakobe.
2 Dlalani izinsimbi zomculo nithathe ithamborini,
Ihabhu elimnandi kanye nensimbi yomculo enezintambo.
3 Shayani uphondo ngokwethwasa kwenyanga,[g]
Ngenyanga egcwele, ngosuku lomkhosi wethu.[h]
4 Ngoba kuwumyalo onikezwe u-Israyeli,
Isinqumo sikaNkulunkulu kaJakobe,[i]
5 Asibekela uJosefa njengesikhumbuzo[j]
Lapho uNkulunkulu ehlasela izwe laseGibhithe.[k]
Ngezwa izwi* engingalazi, lithi:

ISAHL. 80
a Hu 44:13; Hu 79:4
b Hu 80:3, 19
c Isay 5:7
d Hu 44:2; Hu 78:55; Jer 2:21
e Eks 23:28, 30; Jos 24:12, 13; 1Kh 4:25
f Gen 15:18; Eks 23:31; 1Kh 4:21; Hu 72:8
g Isay 5:5
h Nah 2:2
i 2Kh 18:9; 2Kh 24:1; 2Kh 25:1; 2Kr 32:1; Jer 39:1
j Isay 63:15
k Isay 5:7; Jer 2:21

Uhla 2
a Eks 4:22; Isay 49:5
b Hu 79:5; Jer 52:12, 13
c Hu 89:20, 21
d Hu 80:7

ISAHL. 81
e 1Kr 25:1
f Hu 28:8
g Num 29:1
h Eks 23:16; Num 10:10
i Lev 23:23, 24
j Eks 12:14
k Eks 12:12

**80:7, 19** * NgesiHebheru, "Khanyisa ubuso bakho." **80:11** * Okuwukuthi, i-Ewufrathe. **80:15** * Noma, "Isiqu sesihlahla samagilebhisi." **80:15** * Noma, "igatsha." **80:16** * NgesiHebheru, "kobuso bakho." **81:0** * Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **81:5** * Noma, "ulimi."

6 "Ngasusa umthwalo ehlombe lakhe;[a]
Izandla zakhe zazingasawuphethe ubhasikidi.
7 Wangibiza lapho ucindezelekile, ngakukhulula;[b]
Ngakuphendula ngisefwini elidumayo.*[c]
Ngakuvivinya emanzini ase-Meriba.#[d] (*Sela*)
8 Yizwani, bantu bami, ngizofakaza ngokumelene nani.
O Israyeli, uma nje ningangilalela.[e]
9 Phakathi kwenu ngeke abe khona unkulunkulu ongaziwa,
Ngeke nikhothamele unkulunkulu wesinye isizwe.[f]
10 Mina, Jehova, nginguNkulunkulu wenu,
Owanikhipha ezweni lase-Gibhithe.[g]
Vulani imilomo yenu kakhulu, ngizoyigcwalisa.[h]
11 Kodwa abantu bami abalilalelanga izwi lami;
U-Israyeli akazange azithobe kimi.[i]
12 Ngakho ngabavumela ukuba bahambe ngenkani yenhliziyo yabo;
Benza lokho ababecabanga ukuthi kulungile.*[j]
13 Ukube nje isizwe sami besiyongilalela,[k]
Ukube nje u-Israyeli ubeyohamba ezindleleni zami![l]
14 Izitha zakhe bengiyozinqoba ngokushesha;
Bengiyozijezisa izitha zakhe.[m]
15 Labo abazonda uJehova bayokwesaba phambi kwakhe,
Bayojeziswa phakade.*
16 Kodwa wena* uyokondla ngokolweni omuhle#[a]
Akwanelise ngoju oluphuma edwaleni."[b]

Ihubo lika-Asafa.[c]

**82** UNkulunkulu umi endaweni yakhe emhlanganweni wasezulwini;*[d]
Uyahlulela phakathi konkulunkulu:#[e]
2 "Kuyoze kube nini nilokhu nahlulela ngokungabi nabulungisa[f]
Nikhetha ababi?[g] (*Sela*)
3 Vikelani* ophansi nentandane.[h]
Yenzelani ohluphekile noswele ubulungisa.[i]
4 Khululani ophansi nompofu;
Nibasindise esandleni sababi."
5 Abahluleli abazi futhi abaqondi;[j]
Bahambahamba ebumnyameni;
Zonke izisekelo zomhlaba ziyantengantengiswa.[k]
6 "Mina ngithe, 'Ningonkulunkulu,*[l]
Nonke ningamadodana oPhezukonke.
7 Kodwa niyofa njengoba kufa abantu;[m]
Niyowa njengezinye izikhulu!' "[n]
8 O Nkulunkulu, sukuma wahlulele umhlaba,[o]
Ngoba zonke izizwe zingezakho.

**ISAHL. 81**
*a* Eks 1:13, 14; Eks 6:6
*b* Eks 14:10, 13; Hu 91:15
*c* Eks 19:16, 19
*d* Eks 17:6, 7
*e* Eks 15:26
*f* Eks 20:2-5; Dut 6:13, 14
*g* Dut 5:6
*h* Dut 32:13, 14
*i* Eks 32:1; Dut 32:15
*j* Jer 7:23, 24; Jer 11:7, 8; Mik 6:16
*k* Dut 32:29
*l* Dut 5:29; Isay 48:17, 18
*m* Num 14:9

**Uhla 2**
*a* Hu 147:14
*b* Dut 32:13, 14

**ISAHL. 82**
*c* 1Kr 25:1
*d* 2Kr 19:6
*e* Eks 18:21, 22; Hu 82:6; Joh 10:34, 35
*f* Lev 19:15; Shu 5:8
*g* Dut 1:16, 17; 2Kr 19:7; IzA 18:5
*h* Dut 24:17
*i* Jer 22:3
*j* Mik 3:1
*k* Hu 11:3; IzA 29:4
*l* Joh 10:34, 35; 1Ko 8:5
*m* Hu 49:12
*n* Hu 146:3, 4
*o* Hu 96:13

**81:7** *NgesiHebheru, "ngisendaweni efihlekile yokuduma kwezulu." #Incazelo: "Ukuxabana." **81:12** *NgesiHebheru, "Bahamba ngezeluleko zabo." **81:15** *NgesiHebheru, "Isikhathi sabo siyoba ngesaphakade." **81:16** *NgesiHebheru, "yena," okuwukuthi, abantu bakaNkulunkulu. #NgesiHebheru, "ngamanoni kakolweni." **82:1** *Noma, "emhlanganweni kaNkulunkulu." #Noma, "kwabanjengonkulunkulu." **82:3** *Noma, "Yahlulelani." **82:6** *Noma, "Ninjengonkulunkulu."

Ingoma. Ihubo lika-Asafa.[a]

**83** O Nkulunkulu
ungathuli;[b]
O Nkulunkulu, musa uku-
hlala uthule ungenzi lu-
tho.
2 Ngoba bheka! izitha zakho
ziyaxokozela;[c]
Labo abakuzondayo bayazi-
phakamisa.*
3 Ngobuqili bakhela abantu
bakho uzungu ekusithe-
keni;
Bakhela abantu bakho aba-
yigugu* uzungu.
4 Bathi: "Wozani masisiqo-
thule isizwe sakwa-Isra-
yeli,[d]
Ukuze igama laso lingaphi-
nde likhunjulwe."
5 Bacebisana ngobunye;*
Bakhe umfelandawonye#
ukuze balwe nawe[e]—
6 Abakwa-Edomi nabakwa-
Ishmayeli,* uMowabi[f] na-
maHagiri,[g]
7 IGebhali no-Amoni,[h] no-
Amaleki,
IFilistiya[i] nezakhamuzi za-
seThire.[j]
8 I-Asiriya[k] nalo lizihlangani-
se nabo;
Basekela* isizukulwane si-
kaLoti.[l] (*Sela*)
9 Yenza kubo lokho owakwe-
nza kuMidiyani,[m]
Lokho owakwenza kuSise-
ra nakuJabini emfudlane-
ni* waseKishoni.[n]
10 Baqothulwa e-Eni-dori;[o]
Baba njengomquba emhla-
bathini.
11 Izicukuthwane zabo zenze
zibe njengo-Orebi noZebi[a]
Izikhulu zabo* uzenze zibe
njengoZeba nanjengoZa-
lmuna,[b]
12 Ngoba bathe: "Masizitha-
thele izwe uNkulunkulu
ahlala kulo."
13 O Nkulunkulu wami, benze
babe njengekhakhasi eli-
pheshulwa yisivunguvu-
ngu,[c]
Njengezinhlanga eziphe-
shulwa umoya.
14 Njengomlilo oshisa ihlathi,
Njengelangabi elihangula
izintaba,[d]
15 Kwangathi ungabajaha nga-
leyo ndlela ngesiphepho
sakho[e]
Ubesabise ngesivunguvu-
ngu sakho.[f]
16 Mboza* ubuso babo nge-
hlazo,
Ukuze bafune igama lakho
Jehova.
17 Kwangathi bangaba nama-
hloni besabe njalo;
Kwangathi bangahlazeka
bashabalale;
18 Abantu mabazi ukuthi
wena, ogama lakho lingu-
Jehova,[g]
Wena wedwa ungoPhezu-
konke emhlabeni wonke.[h]

Kumqondisi;
ngenothi leGititi.*
Ihubo lamadodana kaKhora.[i]

**84** Yeka ukuthi lithandeka
kanjani* itabernakele
lakho elikhulu,[j]
Jehova wamabutho!
2 Ngiyakulangazelela,
Impela, ngikulangazelela
kakhulu,

---

**83:2** *Noma, "baphakamisa amakhanda abo." **83:3** *NgesiHebheru, "abathukusiwe." **83:5** *NgesiHebheru, "Bacebisana ngenhliziyo ndawonye." #Noma, "Benze isivumelwano." **83:6** *NgesiHebheru, "Amatende ka-Edomi naka-Ishmayeli." **83:8** *NgesiHebheru, "Babe yingalo." **83:9** *Noma, "emhosheni."

**83:11** *Noma, "Abaholi babo." **83:16** *NgesiHebheru, "Gcwalisa." **84:0** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **84:1** *Noma, "lithandwa kakhulu kangakanani."

ISAHL. 83
a 2Kr 20:14
b Hu 28:1
c Hu 2:1, 2
d Eks 1:8-10; 2Kr 20:1; Est 3:6
e 2Sa 10:6; Isay 7:2, 5
f 2Kr 20:1, 10
g 1Kr 5:10
h Jer 49:2
i Eks 15:14; Hu 60:8
j Amo 1:9
k 2Kh 17:5
l Gen 19:36-38; Dut 2:9
m Hlu 8:10, 12
n Hlu 4:2, 7, 15
o Jos 17:11

Uhla 2
a Hlu 7:25
b Hlu 8:21
c Isay 17:13
d Hu 144:5; Nah 1:6
e Isay 30:30
f Hu 11:6
g Eks 6:3; Hu 68:4; Isay 42:8; Isay 54:5
h Hu 59:13; Hu 92:8; Dan 4:17

ISAHL. 84
i 2Kr 20:19
j Hu 27:4; Hu 43:3; Hu 46:4

Ukuba semagcekeni kaJehova.[a]
Inhliziyo yami nenyama yami kumemeza uNkulunkulu ophilayo ngenjabulo.
3 Ngisho nenyoni izitholela indawo yokuhlala lapho
Nenkonjane izakhele isidleke,
Lapho ikhulisela khona amaphuphu ayo
Eduze kwe-altare lakho elikhulu, Jehova wamabutho,
Nkosi yami noNkulunkulu wami!
4 Bayajabula abahlala endlini yakho![b]
Bayaqhubeka bekudumisa.[c] (*Sela*)
5 Bayajabula abantu abathola amandla kuwe,[d]
Izinhliziyo zabo ezilangazelela ukuba sendleleni eya endlini yakho.
6 Lapho bedlula eSigodini Samabhakha,*
Basenza sibe njengendawo eneziphethu;
Izimvula zokuqala zisembathisa# ngezibusiso.
7 Bayoqhubeka behamba kodwa amandla abo ngeke aphele;[e]
Yilowo nalowo ubonakala phambi kukaNkulunkulu eZiyoni.
8 O Jehova Nkulunkulu wamabutho, yizwa umthandazo wami;
Nkulunkulu kaJakobe, lalela. (*Sela*)
9 O hawu lethu[f] noNkulunkulu wethu, bheka,*
Bheka ubuso bogcotshiwe wakho.[g]

**84:6** * Noma, "esigodini esinezihlahla zamabhakha." # Noma kungaba, "Nofundisayo uzisonga." **84:9** * Noma kungaba, "O Nkulunkulu, bheka ihawu lethu."

**ISAHL. 84**
*a* Hu 42:1, 2; Hu 63:1, 2
*b* Hu 23:6; Hu 65:4
*c* 1Kr 25:7; Hu 150:1
*d* Hu 28:7
*e* Hu 18:32; Isay 40:29-31; Hab 3:19
*f* Gen 15:1
*g* 1Sa 2:10

**Uhla 2**
*a* Hu 26:8; Hu 27:4; Hu 43:3, 4
*b* Hu 27:1; Isay 60:19, 20
*c* Dut 33:29; 2Sa 22:3; Hu 144:2
*d* Hu 34:9; Hu 37:18
*e* Hu 146:5; Jer 17:7

**ISAHL. 85**
*f* 2Kr 20:19
*g* Lev 26:42; Jow 2:18
*h* Ezr 2:1; Jer 30:18; Hez 39:25
*i* Jer 50:20; Mik 7:18
*j* Hu 103:9; Isay 12:1
*k* Hu 80:3, 4
*l* Hu 74:1; Hu 79:5
*m* Ezr 3:11; Jer 33:10, 11

10 Ngoba usuku emagcekeni akho lungcono kuneziyinkulungwane kwenye indawo![a]
Ngikhetha ukuma esitubhini sendlu kaNkulunkulu wami
Kunokuhlala ematendeni ababi.
11 Ngoba uJehova uNkulunkulu uyilanga[b] nehawu;[c]
Unika umusa nenkazimulo.
UJehova ngeke abagodlele okuhle
Labo abahamba ngobuqotho.[d]
12 O Jehova wamabutho,
Uyajabula umuntu othembela kuwe.[e]

Kumqondisi.
Ihubo lamadodana kaKhora.[f]

**85** O Jehova, ulibonise umusa izwe lakho;[g]
Ubabuyisile abantwana bakaJakobe abebethunjiwe.[h]
2 Usixolele isiphambeko sabantu bakho;
Uzithethelele* zonke izono zabo.[i] (*Sela*)
3 Ulubambile lonke ulaka lwakho;
Uphendukile entukuthelweni yakho evuthayo.[j]
4 Sibuyise* Nkulunkulu wensindiso yethu,
Uyeke ukusicasukela.[k]
5 Ingabe uyosithukuthelela kuze kube phakade?[l]
Ingabe uyohlale uthukuthele isizukulwane ngesizukulwane?
6 Ngeke yini uphinde usivuselele
Ukuze abantu bakho bajabule ngawe?[m]

**85:2** * NgesiHebheru, "Uzimbozile."
**85:4** * Noma, "Sibuthe usibuyise."

7 O Jehova, sibonise uthando lwakho oluqotho[a]
Usisindise.
8 Ngizokulalela lokho uJehova uNkulunkulu weqiniso akushoyo,
Ngoba uzokhuluma ngokuthula kubantu bakhe,[b] kwabaqotho bakhe,
Kodwa mabangaphindi bazethembe ngokweqile.[c]
9 Uhlale ekulungele ukusindisa labo abamesabayo,[d]
Ukuze inkazimulo yakhe ihlale ezweni lakithi.
10 Uthando oluqotho nokwethembeka kuyohlangana;
Ukulunga nokuthula kuyoqabulana.[e]
11 Ukwethembeka kuyohluma emhlabeni,
Nokulunga kuyokwehla kuvela emazulwini.[f]
12 UJehova uyonikeza okuhle,*[g]
Izwe lethu liyothela umkhiqizo walo.[h]
13 Ukulunga kuyohamba phambi kwakhe,[i]
Kwenzele izinyathelo zakhe indlela.

Umthandazo kaDavide.

**86** O Jehova, lalela umthandazo wami* ungiphendule.
Ngoba ngihluphekile futhi ngimpofu.[j]
2 Qapha ukuphila kwami,* ngoba ngiqotho.[k]
Sindisa inceku yakho ethembela kuwe,
Ngoba unguNkulunkulu wami.[l]
3 O Jehova, ngibonise umusa,[m]
Ngoba ngiqhubeka ngikubiza usuku lonke.[n]
4 Yenza inceku yakho ijabule,
Ngoba ngiphendukela kuwe Jehova.
5 Ngoba wena Jehova, umuhle[a] futhi uhlale ukulungele ukuthethelela;[b]
Uthando lwakho oluqotho kubo bonke abakubizayo luyachichima.[c]
6 O Jehova, lalela umthandazo wami;
Ngilalele lapho ngikhalela usizo.[d]
7 Ngiyakubiza ngosuku lokucindezeleka kwami,[e]
Ngoba wena uzongiphendula.[f]
8 O Jehova, akekho ofana nawe phakathi konkulunkulu,[g]
Ayikho imisebenzi efana neyakho.[h]
9 Zonke izizwe ozenzile
Ziyofika zikhothame phambi kwakho, Jehova,[i]
Zikhazimulise igama lakho.[j]
10 Ngoba umkhulu, wenza izinto ezimangalisayo;[k]
UnguNkulunkulu, wena wedwa.[l]
11 O Jehova, ngifundise indlela yakho.[m]
Ngizohamba eqinisweni lakho.[n]
Yenza inhliziyo yami ibe nobunye* ukuze yesabe igama lakho.[o]
12 O Jehova Nkulunkulu wami, ngikudumisa ngayo yonke inhliziyo yami,[p]
Ngizolikhazimulisa igama lakho kuze kube phakade,
13 Ngoba uthando lwakho oluqotho ongibonisa lona lukhulu,

---

85:12 *Noma, "impumelelo." 86:1 *Noma, "goba ungilalele." 86:2 *Noma, "umphefumulo wami."

86:11 *Noma, "Nginike inhliziyo engekho mbaxa-mbili."

ISAHL. 85
a IsiL 3:22
b Isay 57:19
c Dut 8:17, 18; Hu 78:7
d Isay 46:13
e Hu 72:3; Isay 32:17
f Isay 26:9; Isay 45:8
g Hu 84:11; Jak 1:17
h Lev 26:4; Hu 67:6; Isay 25:6; Isay 30:23
i Hu 89:14

ISAHL. 86
j Hu 34:6; Isay 66:2
k Hu 37:28
l 2Kr 16:9
m Hu 57:1
n Hu 25:5

Uhla 2
a Hu 25:8; Hu 145:9; Luk 18:19
b Isay 55:7; Mik 7:18
c Hu 130:7
d Hu 17:1
e Hu 18:6
f Hu 116:1
g Eks 15:11; Hu 96:5; 1Ko 8:5, 6
h Dut 3:24; Hu 104:24
i Isay 2:2, 3; Zak 14:9; IsA 7:9, 10
j IsA 15:4
k Hu 72:18; Dan 6:27
l Dut 6:4; Hu 83:18; Isay 44:6; 1Ko 8:4
m Hu 27:11; Hu 119:33; Hu 143:8; Isay 54:13
n Hu 43:3
o Shu 12:13; Jer 32:39
p Mat 22:37

Ukusindisile ukuphila kwami ekujuleni kweThuna.*[a]
14 O Nkulunkulu, abagabadelayo bayangivukela;[b]
Iviyo labantu abanonya lifuna ukungibulala,*
Abanandaba nawe.#[c]
15 Kodwa wena Jehova, unguNkulunkulu onesihe nozwela,*
Owephuza ukuthukuthela nochichima uthando oluqotho nokwethembeka.#[d]
16 Phendukela kimi ungibonise umusa.[e]
Nika inceku yakho amandla akho,[f]
Usindise indodana yencekukazi yakho.
17 Ngivezele isibonakaliso sobuhle* bakho,
Ukuze abangizondayo basibone babe namahloni.
Ngoba wena Jehova ungumsizi wami nomduduzi wami.

Ihubo lamadodana kaKhora.[g]
Ingoma.

87 Isisekelo sedolobha lakhe sisezintabeni ezingcwele.[h]
2 UJehova uthanda amasango aseZiyoni[i]
Ukwedlula wonke amatende kaJakobe.
3 O dolobha likaNkulunkulu weqiniso,[j] kukhulunywa izinto ezikhazimulayo ngawe. (*Sela*)
4 URahabi[k] neBhabhiloni ngizobabala phakathi kwalabo abangaziyo;*
Nali iFilistiya neThire kanye neKushe.
Kuyothiwa: "Lona nguye owazalelwa khona."
5 Ngokuphathelene neZiyoni kuyothiwa:
"Ngamunye wazalelwa kulo."
OPhezukonke uyolimisa liqine.
6 UJehova uyomemezela lapho ebhalisa izizwe, athi:
"Lona nguye owazalelwa khona." (*Sela*)
7 Abahlabeleli[a] nabadansi bemidanso yesiyingi,[b] bayothi:
"Zonke iziphethu zami zikuwe."*[c]

Ingoma. Ihubo lamadodana kaKhora.[d]
Kumqondisi; ngenothi leMahalati,*
kufanele liculwe kushintshwane.
Imaskili* likaHemani[e] umEzra.

88 O Jehova, Nkulunkulu wensindiso yami,[f]
Ngikhala kuwe emini,
Nasebusuku ngiza kuwe.[g]
2 Umthandazo wami mawufike kuwe,[h]
Ngilalele* lapho ngikhalela usizo.[i]
3 Ngoba umphefumulo* wami ukhungethwe yizinhlekelele,[j]
Nokuphila kwami kulengela eThuneni.#[k]
4 Sengibalwa kanye nalabo abehlela phansi egodini;*[l]
Sengiwumuntu ongakwazi ukuzisiza,#[m]
5 Oshiywe phakathi kwezidumbu

ISAHL. 86
a Job 33:28 Hu 56:13 Hu 116:8
b 2Sa 15:12
c Hu 10:4 Hu 54:3
d Eks 34:6 Neh 9:17 Jon 4:2
e Hu 25:16
f Hu 28:7

ISAHL. 87
g 2Kr 20:19
h Hu 48:1
i Hu 78:68 Hu 132:13
j Hu 48:2 Isay 60:14
k Hu 89:10 Isay 30:7

Uhla 2
a 1Kr 15:16
b Hu 150:4
c Hu 46:4

ISAHL. 88
d 2Kr 20:19
e 1Kh 4:30, 31 1Kr 2:6
f Hu 27:9 Isay 12:2
g Hu 22:2
h 1Kh 8:30
i Hu 141:1
j Hu 71:20
k Isay 38:10
l Hu 143:7
m Hu 31:12

**86:13** *Noma, "kweShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **86:14** *Noma, "umphefumulo wami." #Noma, "Abazange bakubeke phambi kwabo." **86:15** *Noma, "nomusa." #Noma, "neqiniso." **86:17** *Noma, "Ngibonise ubufakazi bobuhle." **87:4** *Noma, "abangiqaphelayo."

**87:7** *Noma, "Kimi, ungumthombo wazo zonke izinto." **88:0; 88:3** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **88:2** *Noma, "Goba ulalele." **88:3** #Noma, "eShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **88:4** *Noma, "ethuneni." #Noma, "Senginjengendoda engenamandla."

Njengababulewe abalele
ethuneni,
Ongasabakhumbuli
Nabangasalutholi usizo lwakho.*
6 Ungifake emgodini ojule
kunayo yonke,
Ebumnyameni, kwalasha
omkhulu.
7 Intukuthelo yakho iyangisinda,[a]
Amagagasi akho ayangicindezela. (*Sela*)
8 Ubadedisele kude abajwayelene nami;[b]
Ungenze ngaba yinto enyanyekayo kubo.
Ngibhajiwe angikwazi ukuphunyuka.
9 Iso lami likhathele ngenxa
yokuhlupheka kwami.[c]
Usuku lonke Jehova ngiyakubiza;[d]
Ngelulela izandla zami
kuwe.
10 Uyobenzela yini izimangaliso abafile?
Labo abafile bangavuka
yini bakudumise?[e] (*Sela*)
11 Kuyokhulunywa yini ngothando lwakho oluqotho
ethuneni,
Ngokuthembeka kwakho
khona?*
12 Ziyokwaziwa yini izimangaliso zakho ebumnyameni
Noma ukulunga kwakho
ezweni lokungazi lutho?[f]
13 Kodwa ngisalokhu ngikhala
kuwe ngicela usizo
Jehova,[g]
Njalo ekuseni umthandazo
wami uyafika kuwe.[h]
14 Kungani ungilahla Jehova?[i]
Kungani ungifihlela ubuso
bakho?[j]
15 Kusukela ebusheni bami,
Bengilokhu ngihlupheka
futhi sengizoshabalala;[a]
Ngindikindiki ngenxa yezinto ezibuhlungu ovumela
ukuba zingehlele.
16 Intukuthelo yakho evuthayo yehlele kimi;[b]
Izinto ezithusayo ezivela
kuwe zingiqeda amandla.
17 Zingizungeza njengamanzi
usuku lonke;
Zingivimbezela ziqhamuka
nhlangothi zonke.*
18 Abangani bami nomakhelwane bami ubadedisele
kude nami;[c]
Ubumnyama sebuwumngani wami.

Imaskili.* Elika-Ethani[d] umEzra.

**89** Ngizohlabelela ngezenzo
zikaJehova zothando
oluqotho kuze kube
phakade.
Ngomlomo wami ngizoxoxela zonke izizukulwane
ngokuthembeka kwakho.
2 Ngoba ngithe: "Uthando
oluqotho luyohlala* kuze
kube phakade,[e]
Ukumise kwaqina ukuthembeka kwakho emazulwini."
3 "Ngenze isivumelwano noDavide inceku yami engiyikhethile;[f]
Ngifungile kuye ngathi:[g]
4 'Inzalo* yakho ngiyoyimisa
iqine[h] kuze kube phakade,
Ngiyosiqinisa isihlalo sakho sobukhosi kuzo zonke izizukulwane.'"[i] (*Sela*)
5 O Jehova, amazulu ayazidumisa izenzo zakho ezimangalisayo,

ISAHL. 88
a Hu 90:7; Hu 102:10
b Job 19:13, 19; Hu 31:11; Hu 142:4
c Job 17:7; Hu 42:3; IsiL 3:49
d Hu 55:17
e Job 14:14; Hu 115:17; Isay 38:18
f Shu 2:16; Shu 8:10; Shu 9:5
g Hu 46:1
h Hu 55:17; Hu 119:147
i Hu 43:2
j Job 13:24; Hu 13:1

Uhla 2
a Job 17:1
b Hu 102:10
c Job 19:13; Hu 31:11; Hu 38:11; Hu 142:4

ISAHL. 89
d 1Kh 4:30, 31; 1Kr 2:6
e 1Kr 16:41; Isay 54:10
f 2Sa 7:8; 1Kh 8:16; Luk 1:32, 33
g Hu 132:11; Hez 34:23; Hos 3:5; Joh 7:42
h 1Kr 17:11; IsA 22:16
i 2Sa 7:12, 13; Heb 1:8

**88:5** *NgesiHebheru, "Nabahlukanisiwe nesandla sakho." **88:11** *Noma, "e-Abhadoni." Okuwukuthi, indawo okubola kuyo izidumbu. **88:17** *Noma kungaba, "Zingivimbezela zonke kanyekanye." **89:0** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **89:2** *Noma, "luyokwakhiwa." **89:4** *NgesiHebheru, "Imbewu."

Yebo, ukwethembeka
kwakho ebandleni labangcwele.
6 Ngoba ubani esibhakabhakeni ongaqhathaniswa noJehova?[a]
Ubani ofana noJehova phakathi kwamadodana kaNkulunkulu?[b]
7 UNkulunkulu uyesabeka emhlanganweni wabangcwele;[c]
Mkhulu futhi uyesabeka kubo bonke abamzungezile.[d]
8 O Jehova Nkulunkulu wamabutho,
Ubani onamandla njengawe Jah?[e]
Uthembeke kuzo zonke izinto.[f]
9 Ubusa phezu kolwandle olugubhayo;[g]
Lapho amagagasi alo eba namandla, wena uyawazolisa.[h]
10 Umnqobe ngokuphelele uRahabi*[i] wambulala.[j]
Ngamandla akho# uzihlakazile izitha zakho.[k]
11 Amazulu angawakho, nomhlaba ungowakho;[l]
Izwe nalokho okuligcwalisile[m]—wena ukwenzile.
12 Inyakatho neningizimu —nguwe owakudala;
IThabori[n] neHermoni[o] kudumisa igama lakho ngenjabulo.
13 Ingalo yakho inamandla;[p]
Isandla sakho sinamandla;[q]
Isandla sakho sokudla siphakeme.[r]
14 Ukulunga nobulungisa kuyisisekelo sesihlalo sakho sobukhosi;[s]

**89:10** *Kungenzeka kushiwo iGibhithe noma uFaro wakhona. #NgesiHebheru, "Ngengalo yakho enamandla."

**ISAHL. 89**
a Hu 40:5; Hu 71:19
b Job 38:7
c Isay 6:2, 3
d Dan 7:9, 10
e 1Sa 2:2; Hu 84:12
f Dut 32:4
g Jer 31:35
h Hu 65:7; Hu 107:29
i Isay 30:7
j Eks 14:26; Eks 15:4
k Eks 3:20; Dut 4:34; Luk 1:51
l 1Ko 10:26
m 1Kr 29:11; Hu 50:12
n Jos 19:22, 23
o Dut 3:8; Jos 12:1
p Eks 6:6
q Eks 13:3
r Hu 44:3
s Dut 32:4; Hu 71:19; IsA 15:3

**Uhla 2**
a Eks 34:6; Jer 9:24
b Num 10:10; Hu 98:6
c Hu 28:7
d 1Sa 2:10
e Hu 2:6
f 1Sa 18:14
g 2Sa 7:8
h IzE 13:22
i 1Sa 16:12, 13; IzE 10:38
j Hu 80:17; Isay 42:1
k 1Kr 17:9
l 2Sa 3:1; 2Sa 7:9
m Hu 110:1
n 2Sa 7:15; 1Kr 17:13; IzE 13:34

Uthando oluqotho nokuthembeka kuphambi kwakho.[a]
15 Bayajabula abantu abakwaziyo ukumemeza ngenjabulo.[b]
O Jehova, baqhubeka behamba nawe, bathola umusa wakho.
16 Usuku lonke bajabula ngegama lakho,
Bayaphakanyiswa ngokulunga kwakho.
17 Ngoba wena uyinkazimulo yabo namandla abo,[c]
Ngentando yakho amandla ethu* ayaphakanyiswa.[d]
18 Ngoba ihawu lethu livela kuJehova,
Inkosi yethu ivela koNgcwele ka-Israyeli.[e]
19 Ngaleso sikhathi wakhuluma ngombono kwabaqotho bakho, wathi:
"Nginike iqhawe amandla;[f]
Ngiphakamise okhethiwe phakathi kwabantu.[g]
20 Ngithole uDavide inceku yami;[h]
Ngimgcobe ngamafutha ami angcwele.[i]
21 Isandla sami siyomsekela,[j]
Nengalo yami iyomqinisa.
22 Akukho sitha esiyomkhohlisa intela,
Akukho ndoda engalungile eyomcindezela.[k]
23 Izitha zakhe ngizoziphihliza zibe yizicucu phambi kwakhe[l]
Ngibabulale labo abamzondayo.[m]
24 Ukwethembeka kwami nothando lwami oluqotho kukanye naye,[n]
Amandla akhe ayokwanda*
ngenxa yegama lami.

**89:17** *NgesiHebheru, "uphondo lwethu." **89:24** *NgesiHebheru, "Uphondo lwakhe luyophakanyiswa."

25 Ngiyomnika igunya* phezu kolwandle
Ngimnike igunya phezu kwemifula.[a]
26 Yena uyongibiza athi:
'Wena unguBaba,
UNkulunkulu wami neDwala lensindiso yami.'[b]
27 Ngiyombeka abe yizibulo,[c]
Aphakame kunawo wonke amakhosi omhlaba.[d]
28 Ngiyombonisa uthando lwami oluqotho kuze kube phakade,[e]
Nesivumelwano sami naye asisoze sanqamuka.[f]
29 Ngiyoyimisa phakade inzalo* yakhe
Ngenze isihlalo sakhe sobukhosi sihlale njengamazulu.[g]
30 Uma amadodana akhe eshiya umthetho wami
Engahambi ngezahlulelo zami,*
31 Uma ephula imithetho yami
Engayigcini imiyalo yami,
32 Khona-ke ngiyowajezisa ngenduku ngenxa yokungalaleli* kwawo[h]
Nangemivimbo ngenxa yesiphambeko sawo.
33 Kodwa angisoze ngayeka ukumbonisa uthando oluqotho[i]
Noma ngephule isithembiso sami.*
34 Ngeke ngisephule isivumelwano sami,[j]
Noma ngishintshe amazwi aphume emlonyeni wami.[k]
35 Ngifunge ubungcwele bami futhi ngeke ngishintshe;
Ngeke ngiwaqambe amanga kuDavide.[a]
36 Inzalo* yakhe iyohlala kuze kube phakade;[b]
Isihlalo sakhe sobukhosi siyohlala njengelanga phambi kwami.[c]
37 Siyomiswa siqine njengenyanga kuze kube phakade
Njengofakazi othembekile esibhakabhakeni." (*Sela*)
38 Kodwa wena uqobo umlahlile futhi wamala;[d]
Umthukuthelele ogcotshiwe wakho.
39 Usichithile isivumelwano osenze nenceku yakho;
Ungcolise umqhele wayo ngokuwujikijela emhlabathini.
40 Uzibhidlizile zonke izindonga* zayo zamatshe;
Uzenze zaba yincithakalo izinqaba zayo.
41 Bonke abadlula ngendlela bayiphangile;
Iyisihlamba komakhelwane bayo.[e]
42 Ubangele ukuba izitha zayo zinqobe;*[f]
Ubangele zonke izitha zayo ukuba zijabule.
43 Wenze ukuba inkemba yayo ingasebenzi,
Awuyivumelanga ukuba inqobe empini.
44 Ubuqedile ubukhazikhazi bayo
Isihlalo sayo sobukhosi wasijikijela phansi emhlabathini.
45 Uzinciphisile izinsuku zobusha bayo;
Uyembathise ngamahloni. (*Sela*)

**89:25** *Noma, "Ngiyobeka isandla sakhe." **89:29** *NgesiHebheru, "imbewu." **89:30** *Noma, "ngemiyalo yami." **89:32** *Noma, "yokuvukela." **89:33** *NgesiHebheru, "Noma ngilahle ukuthembeka kwami."

**89:36** *NgesiHebheru, "Imbewu." **89:40** *Noma, "izindlu." **89:42** *NgesiHebheru, "Uphakamise isandla sokudla sezitha zayo."

ISAHL. 89
*a* 1Kh 4:21; Hu 72:8
*b* 2Sa 22:47; Hu 18:2
*c* Hu 2:7; Heb 1:5
*d* 1Ti 6:15; IsA 1:5; IsA 19:16
*e* IzE 13:34
*f* 2Sa 23:5; Hu 89:34
*g* Isay 9:7; Jer 33:17; Heb 1:8
*h* 2Sa 7:14; 1Kh 11:14, 31
*i* 2Sa 7:15; 1Kh 11:32, 36
*j* Jer 33:20, 21
*k* Jak 1:17

Uhla 2
*a* Num 23:19; Hu 132:11
*b* 2Sa 7:16, 17; Hu 72:17; Isay 11:1; Jer 23:5; Joh 12:34; IsA 22:16
*c* Dan 7:14; Luk 1:32, 33
*d* 1Kr 28:9
*e* Dut 28:37
*f* Dut 28:25

46 O Jehova, kuyoze kube nini uzifihlile? Kuyoze kube phakade?[a]
Ingabe ulaka lwakho luzolokhu luvutha njengomlilo?
47 Khumbula ukuthi kufushane kangakanani ukuphila kwami![b]
Ingabe bonke abantu wabadala ngaphandle kwesizathu?
48 Yimuphi umuntu ongaphila angafi?[c]
Angakwazi yini ukuzisindisa* emandleni eThuna?# (*Sela*)
49 O Jehova, ziphi izenzo zakho zangaphambili zothando oluqotho,
Owafunga ngazo kuDavide ngokuthembeka kwakho?[a]
50 O Jehova, khumbula ukuklolodelwa kwezinceku zakho;
Indlela okwakufanele ngibekezelele ngayo* ukuklolodelwa yizo zonke izizwe;
51 O Jehova, indlela izitha zakho ezidelele ngayo;
Indlela ezidelele ngayo izinyathelo zogcotshiwe wakho.
52 Makadunyiswe uJehova kuze kube phakade. Amen, Amen.[b]

ISAHL. 89
a Hu 13:1
b Job 7:7 Hu 39:5
c Job 30:23 Hu 49:7, 9

Uhla 2
a 2Sa 7:12-15 Hu 132:11 Isay 55:3
b Hu 41:13 Hu 72:18

**89:48** *Noma, "ukusindisa umphefumulo wakhe." #Noma, "eShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**89:50** *NgesiHebheru, "ngithwale ngayo esifubeni sami."

## INCWADI YESINE
## (AmaHubo 90-106)

Umthandazo kaMose, umuntu kaNkulunkulu weqiniso.[a]

**90** O Jehova, wena ube yindawo yethu yokuhlala*[b] kuzo zonke izizukulwane.
2 Zingakazalwa izintaba
Ungakawuvezi* umhlaba nezwe,[c]
Kusukela phakade kuze kube phakade, wena unguNkulunkulu.[d]
3 Wenza umuntu ofayo abuyele othulini;
Uthi: "Buyelani othulini, bantwana babantu."[e]
4 Ngoba iminyaka eyinkulungwane emehlweni akho injengosuku lwayizolo oseludlulile,[f]
Injengamahora ambalwa.*
5 Uyabakhukhula;[a] banyamalale njengephupho;
Ekuseni banjengotshani obuhlumayo.[b]
6 Ekuseni buyaqhakaza futhi buvuseleleke,
Kodwa kusihlwa buyabuna bome.[c]
7 Ngoba intukuthelo yakho iyasiqeda[d]
Ulaka lwakho luyasesabisa.
8 Uyazazi iziphambeko zethu;*[e]
Uzibona kahle izinto esizenza ekusithekeni.[f]
9 Ukuphila kwethu kuyashabalala* ngenxa yolaka lwakho;
Neminyaka yethu iphela ngokushesha njengomoya ophuma emakhaleni.

ISAHL. 90
a Dut 33:1
b Dut 33:27 Hu 91:1
c Jer 10:12
d Hu 93:2 Isay 40:28 Hab 1:12 1Ti 1:17 IsA 1:8 IsA 15:3
e Gen 3:19 Hu 104:29 Hu 146:3, 4 Shu 3:20 Shu 12:7
f 2Pe 3:8

Uhla 2
a Job 9:25
b Hu 103:15 1Pe 1:24
c Job 14:2
d Num 17:12, 13 Dut 32:22
e Jer 16:17
f IzA 24:12 Heb 4:13

**90:1** *Noma kungaba, "ube yisiphephelo sethu." **90:2** *Noma, "Ungakawuvezi njengokungathi ngemihelo." **90:4** *Noma, "ambalwa obusuku."

**90:8** *Noma, "Ubeka iziphambeko zethu phambi kwakho." **90:9** *Noma, "Izinsuku zethu ziyashabalala."

**10** Ukuphila kwethu kuyiminyaka engu-70,
Noma engu-80[a] uma umuntu enamandla.*
Kodwa kugcwele izinkathazo nosizi;
Kudlula masinyane, sinyamalale.[b]
**11** Ubani ongawaqonda amandla entukuthelo yakho?
Ulaka lwakho luyesabeka njengoba nje nawe kufanele wesatshwe.[c]
**12** Sifundise ukubala izinsuku zethu[d]
Ukuze sibe nenhliziyo enokuhlakanipha.
**13** O Jehova, buya![e] Kuyoqhubeka kuze kube nini lokhu?[f]
Dabukela izinceku zakho.[g]
**14** Sanelise ngothando lwakho oluqotho[h] ekuseni,
Ukuze simemeze ngenjabulo, sithokoze[i] zonke izinsuku zethu.
**15** Senze sithokoze izinsuku ezilingana nalezo osihluphe ngazo,[j]
Neminyaka eminingi elingana naleyo esibhekane ngayo nenhlekelele.[k]
**16** Kwangathi izinceku zakho zingawubona umsebenzi wakho,
Nabantwana bazo babone ubukhazikhazi bakho.[l]
**17** Kwangathi umusa kaJehova uNkulunkulu wethu ungaba phezu kwethu;
Kwangathi ungawuphumelelisa* umsebenzi wezandla zethu.
Yebo, uphumelelise# umsebenzi wezandla zethu.[m]

**90:10** *Noma, "ngenxa yamandla akhethekile." **90:17** *Noma, "ungawumisa uqine." #Noma, "uwumise uqine."

ISAHL. 90
a 2Sa 19:34, 35
b Job 14:10; Hu 78:39; Luk 12:20; Jak 4:13, 14
c Isay 33:14; Luk 12:5
d Hu 39:4
e Hu 6:4
f Hu 89:46
g Dut 32:36; Hu 135:14
h Hu 36:7; Hu 51:1; Hu 63:3; Hu 85:7
i Hu 149:2
j Hu 30:5
k Dut 2:14
l Num 14:31; Jos 23:14
m Hu 127:1; IzA 16:3; Isay 26:12; 1Ko 3:7

Uhla 2

ISAHL. 91
a Hu 27:5; Hu 31:20; Hu 32:7
b Hu 57:1
c Hu 18:2; IzA 18:10
d IzA 3:5
e Eks 19:4; Dut 32:11; Rut 2:12
f Hu 57:3; Hu 86:15
g Gen 15:1; Hu 84:11
h Hu 121:4, 6; Isay 60:2
i Hu 64:2, 3; Isay 54:17
j Eks 12:13

# 91

Noma ubani ohlala endaweni esithekile yoPhezukonke[a]
Uyohlala ngaphansi komthunzi woMninimandla Onke.[b]
**2** Ngizothi kuJehova: "Wena uyisiphephelo sami nenqaba yami,[c]
UNkulunkulu wami engithembela kuye."[d]
**3** Ngoba yena uyokukhulula esicuphweni somcuphi wezinyoni,
Esifweni esiwumshayabhuqe.
**4** Uyokumboza* ngezimpaphe zakhe,
Uyophephela ngaphansi kwamaphiko akhe.[e]
Ukwethembeka kwakhe[f] kuyoba yihawu elikhulu[g] nodonga oluyisivikelo.#
**5** Ngeke wesabe lutho olwethusayo ebusuku,[h]
Noma umcibisholo ondiza emini,[i]
**6** Noma isifo esiwumshayabhuqe esisabalala ebusuku,
Noma imbubhiso ebulala emini bebade.
**7** Inkulungwane iyokuwa eceleni kwakho
Nezinkulungwane eziyishumi ngasesandleni sakho sokudla,
Kodwa ngeke kwenzeke lutho olubi kuwe.[j]
**8** Uyobuka nje kuphela ngamehlo
Ubone ukujeziswa* kwababi.
**9** Ngoba uthe: "UJehova uyisiphephelo sami,"

**91:4** *Noma, "Uyovimba ukuba kungasondelwa kuwe." #Noma, "nesivikelo." **91:8** *NgesiHebheru, "ukuphindiselwa."

Wenze oPhezukonke
waba yindawo yakho
yokuhlala;*[a]
10 Akukho nhlekelele eyokwe-
hlela,[b]
Akukho sifo esiyosondela
etendeni lakho.
11 Ngoba uyoyala izingelosi
zakhe[c] ngokuphathelene
nawe,
Ukuba zikuqaphe kuzo zo-
nke izindlela zakho.[d]
12 Ziyokuthwala ngezandla
zazo,[e]
Ukuze unyawo lwakho lu-
ngaqhuzuki etsheni.[f]
13 Uyonyathela ibhongo le-
bhubesi nemfezi;
Uyonyathela ibhubesi eli-
nomhlwenga nenyoka
enkulu.[g]
14 UNkulunkulu uthe: "Ngoba
uyangithanda,* ngizom-
khulula.[h]
Ngizomvikela ngoba uyala-
zi# igama lami.[i]
15 Uzongibiza, ngimphendule.[j]
Ngizoba naye lapho ecinde-
zelekile.[k]
Ngizomkhulula, ngimkhazi-
mulise.
16 Ngizomanelisa ngokuphila
isikhathi eside,[l]
Ngizomenza abone insindi-
so yami."*[m]

Ihubo. Ingoma
yangosuku lweSabatha.

**92** Kuhle ukukubonga
Jehova[n]
Nokuhubela* igama lakho,
wena oPhezukonke,
2 Ukukhuluma ngothando
lwakho oluqotho[o] ekuseni
Nangokuthembeka kwakho
ebusuku,
3 Kube kudlalwa insimbi yo-
mculo enezintambo eziyi-
shumi nesigingci,
Nehabhu elizwakala
kamnandi.[a]
4 Ngoba ungijabulisile Jeho-
va, ngenxa yezenzo za-
kho;
Ngimemeza ngenjabulo
ngenxa yemisebenzi yeza-
ndla zakho.
5 O Jehova, yeka ukuthi imi-
sebenzi yakho mikhulu
kangakanani![b]
Yeka ukuthi imicabango ya-
kho ijule kakhulu kanga-
kanani![c]
6 Akekho umuntu ongena-
ngqondo ongase ayazi;
Akekho oyisiphukuphuku
ongakuqonda lokhu:[d]
7 Lapho ababi behluma nje-
ngokhula*
Nabo bonke abenza okubi
banda,
Kungenjongo yokuba ba-
bhujiswe kuze kube pha-
kade.[e]
8 Kodwa wena Jehova upha-
keme kuze kube phakade.
9 Impela, bheka lapho
izitha zakho zinqotshwa,
Jehova,
Bheka indlela izitha zakho
eziyoshabalala ngayo;
Bonke abenza okubi bayo-
hlakazwa.[f]
10 Kodwa uyowandisa ama-
ndla ami* njengawenku-
nzi yasendle;
Ngiyogcoba isikhumba
sami ngamafutha ama-
sha.[g]
11 Amehlo ami ayozibona izi-
tha zami zinqotshwa;[h]

**ISAHL. 91**
a Hu 71:3; Hu 90:1
b IzA 12:21
c 2Kh 6:17; Hu 34:7; Mat 18:10
d Eks 23:20; Heb 1:7, 14
e Isay 63:9
f Hu 37:24; Mat 4:6; Luk 4:10, 11
g Luk 10:19
h Hu 18:2
i Hu 9:10; IzA 18:10
j Rom 10:13; Heb 5:7
k Hu 138:7; Isay 43:2
l Hu 21:1, 4; IzA 3:1, 2
m Isay 45:17

**ISAHL. 92**
n Hu 50:23
o Isay 63:7

**Uhla 2**
a 1Kr 15:16; 1Kr 25:6; 2Kr 29:25
b Hu 40:5; Hu 145:4; Shu 3:11; IsA 15:3
c Job 26:14; Rom 11:33
d Hu 14:1; 1Ko 2:14
e Hu 37:35, 38; Jer 12:1-3
f Dut 28:7; Hu 68:1
g Hu 23:5
h Hu 37:34

**91:9** *Noma kungaba, "yinqaba yakho; yisiphephelo sakho." **91:14** *NgesiHebheru, "uzihlanganise nami." #Noma, "uyaliqaphela." **91:16** *Noma, "izenzo zensindiso evela kimi." **92:1** *Noma, "Nokuculela."

**92:7** *Noma, "njengotshani." **92:10** *NgesiHebheru, "uyoluphakamisa uphondo lwami."

Izindlebe zami ziyozwa
ngokunqotshwa kwabantu ababi abangihlaselayo.

12 Kodwa abalungile bayoqhakaza njengesihlahla sesundu
Bayokhula babe bakhulu njengomsedari oseLebhanoni.[a]

13 Batshalwe endlini kaJehova;
Bayaqhakaza emagcekeni kaNkulunkulu wethu.[b]

14 Bayoqhubeka bechuma ngisho noma sebegugile;*[c]
Bayohlala benomdlandla# futhi bebukeka kahle,△[d]

15 Bememezela ukuthi uJehova uqotho.
UyiDwala lami,[e] akukho ukungalungi kuye.

**93** UJehova useyiNkosi![f] Wembethe ukuphakama;
UJehova wembethe amandla;
Uwabhince njengebhande.
Umhlaba* umiswe waqina;
Awusoze wanyakaziswa.#

2 Isihlalo sakho sobukhosi samiswa saqina kusukela kudala;[g]
Wena ubulokhu ukhona kusukela phakade.[h]

3 Imifula iyahlokoma, O Jehova,
Imifula iyahlokoma futhi iyaduma;
Imifula ilokhu ihlokoma futhi ihaza.

4 Kodwa wena, Jehova ophakeme osemazulwini[i]
Unamandla kakhulu kunemisindo yamanzi amaningi,
Unamandla kakhulu kunamagagasi agubhayo olwandle.[a]

5 Izikhumbuzo zakho zithembeke kakhulu.[b]
O Jehova, ubungcwele buhlobisa* indlu yakho[c]
kuze kube phakade.

**94** O Nkulunkulu wempindiselo, Jehova,[d]
O Nkulunkulu wempindiselo, khanya!

2 Phakama, Mahluleli womhlaba.[e]
Phindisela kwabaziphakamisayo ngokwalokho okubafanele.[f]

3 Kuyoze kube nini, Jehova,
Kuyoze kube nini abantu ababi belokhu bethokoza?[g]

4 Bakhuluma bengacabanganga nangokuziphakamisa;
Bonke abenzi bokubi bayaqhosha.

5 O Jehova, balimaza abantu bakho,[h]
Bacindezela ifa lakho.

6 Babulala umfelokazi nesifiki,
Babulala nezintandane.

7 Bathi: "UJah akaboni;[i]
UNkulunkulu kaJakobe akazi ukuthi kwenzekani."[j]

8 Qondani lokhu, nina eningacabangi;
Nina ziphukuphuku, niyoba nini nokuqonda?[k]

9 Owadala* indlebe, akakwazi yini ukuzwa?
Lowo owabumba iso, akakwazi yini ukubona?[l]

10 Lowo oqondisa izizwe, ngeke yini ajezise?[m]

---

**92:14** *Noma, "ngisho nasebumpungeni." #NgesiHebheru, "bekhuluphele." △Noma, "bencwaba." **93:1** *Noma, "Izwe elithelayo." #Noma, "wantengantengiswa."

**93:5** *Noma, "buyayifanela." **94:9** *NgesiHebheru, "Owabeka."

---

ISAHL. 92
a Hu 52:8, Isay 61:3, Isay 65:22
b Hu 100:4
c Hu 71:18, IzA 16:31, Isay 40:31, Isay 46:4
d Jer 17:7, 8
e Dut 32:4

ISAHL. 93
f Hu 96:10, Hu 97:1, Isay 52:7, IsA 11:17, IsA 19:6
g Hu 145:13
h Hu 90:2
i Hu 8:1, Hu 76:4

Uhla 2
a Hu 65:7
b Hu 19:7, Hu 119:111
c Hez 43:12, 1Pe 1:16

ISAHL. 94
d Dut 32:35, Nah 1:2, Rom 12:19
e Gen 18:25, IzE 17:31
f Hu 31:23
g Hu 73:3, Hu 74:10
h Hu 14:4
i Hu 59:2, 7, Hez 8:12
j Hu 10:4, 11, Hu 73:3, 11, Isay 29:15
k IzA 1:22
l Hu 34:15
m Hu 9:5, Isay 10:12

NguYe onika abantu
ulwazi![a]
11 UJehova uyayazi imicabango yabantu,
Ukuthi iwumoya nje okhishwa ngamakhala.[b]
12 O Jah, iyajabula indoda oyiqondisayo,[c]
Oyifundisa umthetho wakho,[d]
13 Ukuze uyinike ukuthula ngezinsuku zenhlekelele,
Kuze kube yilapho omubi egujelwa igodi.[e]
14 UJehova ngeke abashiye abantu bakhe,[f]
Noma ashiye ifa lakhe.[g]
15 Ngoba isahlulelo sizophinde sibe nobulungisa,
Bonke abanezinhliziyo eziqotho bayosilandela.
16 Ubani oyongimela phambi kwababi?
Ubani oyongimela kwabenza okubi?
17 Ukube uJehova ubengangisizi,
Bengiyoshabalala* ngokushesha.[h]
18 Lapho ngithi: "Unyawo lwami luyashelela,"
Jehova, uthando lwakho oluqotho lwalulokhu lungisekela.[i]
19 Lapho ngikhungethwe yizinkathazo,*
Wangiduduza wangenza ngazola.[j]
20 Isihlalo sobukhosi senkohlakalo* singahlotshaniswa yini nawe
Kuyilapho sidala izinkinga egameni lomthetho?#[k]
21 Bahlasela olungile ngonya[a]
Bakhipha isigwebo sokuba ongenacala abulawe.*[b]
22 Kodwa uJehova uzoba yindawo yami yokuphephela,*
UNkulunkulu wami uyidwala lami lokuphephela.[c]
23 Uzokwenza ukuba izenzo zabo ezimbi zehlele kubo.[d]
Uzobabulala* ngokubehlisela ububi babo.
UJehova uNkulunkulu uzobabulala.#[e]

**95** Wozani, masimmemeze ngenjabulo uJehova!
Masimemeze ngokuthokoza, sidumise iDwala lethu lensindiso.[f]
2 Masizeni phambi kwakhe* simbonge;[g]
Masimemeze ngokuthokoza, simdumise ngamahubo.
3 Ngoba uJehova unguNkulunkulu omkhulu,
UyiNkosi enkulu kunabo bonke abanye onkulunkulu.[h]
4 Ulawula ngisho nasekujuleni komhlaba;
Iziqongo zezintaba zingezakhe.[i]
5 Ulwandle alwenza lungolwakhe,[j]
Izandla zakhe zenza umhlabathi owomile.[k]
6 Wozani, masikhuleke sikhothame;
Masiguqe phambi kukaJehova uMenzi wethu.[l]
7 Ngoba unguNkulunkulu wethu,

---

**ISAHL. 94**
*a* Hu 25:8; Isay 28:26; Joh 6:45
*b* 1Ko 3:20
*c* Hu 119:71; IzA 3:11; 1Ko 11:32; Heb 12:5, 6
*d* Hu 19:8
*e* Hu 55:23; 2Pe 2:9
*f* 1Sa 12:22; Hu 37:28; Heb 13:5
*g* Dut 32:9
*h* Hu 124:2, 3; 2Ko 1:10
*i* 1Sa 2:9; Hu 37:24; Hu 121:3; IsiL 3:22
*j* Hu 86:17; Flp 4:6, 7
*k* Isay 10:1; Dan 6:7; IzE 5:27, 28

**Uhla 2**
*a* Hu 59:3
*b* 1Kh 21:13
*c* Hu 18:2
*d* IzA 5:22; 2Th 1:6
*e* 1Sa 26:9, 10

**ISAHL. 95**
*f* 2Sa 22:47
*g* Hu 50:23; Hu 100:4
*h* Eks 18:11; Jer 10:10; 1Ko 8:5, 6
*i* Amo 4:13; Amo 9:3
*j* Jer 5:22
*k* Gen 1:9, 10
*l* Hu 100:3; Mat 4:10; IsA 14:7

---

**94:17** *Noma, "Umphefumulo wami ubuyoshabalala." NgesiHebheru, "Bengiyohlala ekuthuleni." **94:19** *Noma, "Lapho imicabango engincisha ukuthula iba miningi ngaphakathi kimi." **94:20** *Noma, "Ababusi abakhohlakele; Abahluleli abakhohlakele." #Noma, "ngesinqumo somthetho." **94:21** *NgesiHebheru, "Balilahla ngecala igazi lomsulwa." **94:22** *Noma, "ephakeme elondekile." **94:23** *NgesiHebheru, "Uzobathulisa." #NgesiHebheru, "uzobathulisa." **95:2** *NgesiHebheru, "kobuso bakhe."

Thina singabantu bedlelo lakhe,
Siyizimvu ezinakekelwa nguye.*[a]
Uma nilalela izwi lakhe namuhla,[b]
8 Ningayenzi lukhuni inhliziyo yenu njengoba kwenza okhokho benu eMeriba,*[c]
Njengasosukwini lwaseMasa# ehlane,[d]
9 Lapho okhokho benu bengivivinya;[e]
Bangivivinya nakuba babeyibonile imisebenzi yami.[f]
10 Iminyaka engu-40 ngangisenyanya leso sizukulwane, ngathi:
"Siyisizwe esihlale siphambuka ezinhliziyweni zaso;
Asikazazi izindlela zami."
11 Ngakho ngafunga ngithukuthele ngathi:
"Ngeke singene ekuphumuleni kwami."[g]

96 Hubelani uJehova ingoma entsha.[h]
Culelani uJehova,
nonke nina bantu basemhlabeni![i]
2 Hubelani uJehova; dumisani igama lakhe.
Usuku nosuku memezelani izindaba ezinhle zensindiso yakhe.[j]
3 Memezelani inkazimulo yakhe phakathi kwezizwe,
Imisebenzi yakhe emangalisayo kuzo zonke izizwe.[k]
4 UJehova mkhulu futhi ukufanelekela kakhulu ukudunyiswa.
Uyesabeka ngaphezu kwabo bonke abanye onkulunkulu.
5 Bonke onkulunkulu bezizwe bangonkulunkulu abangasizi ngalutho,[a]
Kodwa uJehova nguye owadala amazulu.[b]
6 Uzungezwe ubukhulu nobukhazikhazi;[c]
Amandla nobuhle kusendlini yakhe engcwele.[d]
7 Dumisani uJehova, nina mindeni yezizwe,
Dumisani uJehova ngenxa yenkazimulo namandla akhe.[e]
8 Nikani uJehova inkazimulo efanele igama lakhe;[f]
Lethani isipho ningene emagcekeni akhe.
9 Khothamani* kuJehova nembethe izingubo ezingcwele;#
Thuthumelani phambi kwakhe mhlaba wonke!
10 Memezelani ezizweni, nithi: "UJehova useyiNkosi![g]
Umhlaba* umiswe waqina, awunakunyakaziswa.#
Uyokwahlulela△ izizwe ngobulungisa."[h]
11 Amazulu mawathokoze, nomhlaba mawujabule;
Ulwandle maludume nakho konke okukulo;[i]
12 Amathafa nakho konke okukuwo makuthokoze.[j]
Ngesikhathi esifanayo zonke izihlahla ezisehlathini mazimemeze ngenjabulo[k]
13 Phambi kukaJehova ngoba uyeza,*
Uyeza uzokwahlulela umhlaba.

---

**95:7** *NgesiHebheru, "zesandla sakhe." **95:8** *Incazelo: "Ukuxabana." #Incazelo: "Ukuvivinya; Uvivinyo."

**96:9** *Noma, "Khonzani." #Noma kungaba, "ngenxa yobukhazikhazi bobungcwele bakhe." **96:10** *Noma, "Izwe elivundile." #Noma, "awusoze wantengantengiswa." △Noma, "Uyomela." **96:13** *Noma, "ufikile."

ISAHL. 95
a Hu 23:1; Isay 40:11
b Heb 3:7-11; Heb 4:7
c Heb 3:15
d Eks 17:7
e Hu 78:18; 1Ko 10:9
f Num 14:22, 23
g Gen 2:3; Num 14:22, 23; Heb 4:3

ISAHL. 96
h Hu 33:3; Hu 40:3; Hu 98:1; Hu 149:1; Isay 42:10
i 1Kr 16:23-25; Hu 66:4
j Hu 40:10; Hu 71:15; Isay 52:7
k Mat 28:19; 1Pe 2:9; IsA 14:6

Uhla 2
a Hu 97:7; Isay 44:10
b 1Kr 16:26; 1Ko 8:4
c Eks 24:9, 10; Isay 6:1-3; Hez 1:27, 28; IsA 4:2, 3
d 1Kr 16:27; 1Kr 29:11
e 1Kr 16:28-33; Hu 29:1
f Hu 29:2; Hu 72:19
g Hu 93:1; Hu 97:1; IsA 11:15; IsA 19:6
h Hu 67:4; Hu 98:9
i Hu 98:7
j Hu 65:13
k 1Kr 16:33

Uzokwahlulela abahlala
emhlabeni* ngokulunga[a]
Nezizwe ngokuthembeka
kwakhe.[b]

97 UJehova useyiNkosi![c]
Umhlaba mawujabule.[d]
Iziqhingi eziningi mazitho-
koze.[e]
2 Amafu nobumnyama ku-
mzungezile nxazonke;[f]
Ukulunga nobulungisa ku-
yisisekelo sesihlalo sakhe
sobukhosi.[g]
3 Phambi kwakhe kuphuma
umlilo,[h]
Uqothula izitha zakhe nxa-
zonke.[i]
4 Imibani yakhe ikhanyisa
izwe;
Umhlaba uyakubona lokhu
uthuthumele.[j]
5 Izintaba zincibilika njenge-
khekheba lezinyosi pha-
mbi kukaJehova,[k]
Phambi kweNkosi yomhla-
ba wonke.
6 Amazulu amemezela ngo-
kulunga kwakhe,
Zonke izizwe ziyayibona
inkazimulo yakhe.[l]
7 Mabahlazeke bonke aba-
khonza izithombe eziba-
ziwe,[m]
Abaqhosha ngonkulunkulu
abangasizi ngalutho.[n]
Mkhothameleni,* nonke
nina bonkulunkulu.[o]
8 IZiyoni liyezwa lijabule;[p]
Amadolobhana* akwaJuda
ayajabula
Ngenxa yezahlulelo zakho,
Jehova.[q]
9 Ngoba wena, Jehova, ungo-
Phezukonke emhlabeni
wonke;
Uphakeme kakhulu kunabo
bonke abanye onkulu-
nkulu.[a]
10 O nina enithanda uJehova,
zondani okubi.[b]
Uqapha ukuphila* kwaba-
qotho bakhe;[c]
Uyabakhulula esandleni#
sababi.[d]
11 Abalungile bathole uku-
khanya[e]
Ngisho nabaqotho enhlizi-
yweni bajabule.
12 O nina enilungile, jabulani
ngoJehova,
Nibonge igama* lakhe
elingcwele.

Ihubo.

98 Hubelani uJehova
ingoma entsha,[f]
Ngoba wenze izinto ezima-
ngalisayo.[g]
Isandla sakhe sokudla,
ingalo yakhe engcwele,
silethe insindiso.*[h]
2 UJehova wenze insindiso
yakhe yaziwa;[i]
Ukwambulile ukulunga
kwakhe ezizweni.[j]
3 Usikhumbulile isithembiso
sakhe sokubonisa indlu
ka-Israyeli uthando oluqo-
tho nokuthembeka.[k]
Umhlaba wonke uyibonile
insindiso kaNkulunkulu*
wethu.[l]
4 Memezani ngenjabulo nidu-
mise uJehova, nonke nina
bantu basemhlabeni.
Thokozani nimemeze nge-
njabulo nihube izingoma
zokudumisa.*[m]

---

**96:13** *Noma, "izwe elivundile." **97:7** *Noma, "Mkhonzeni." **97:8** *NgesiHebheru, "Amadodakazi."

**97:10** *Noma, "imiphefumulo." #Noma, "emandleni." **97:12** *NgesiHebheru, "isikhumbuzo." **98:1** *Noma, "simenze wanqoba." **98:3** *Noma, "ukubonile ukunqoba kukaNkulunkulu." **98:4** *Noma, "nicule nidlale nezinsimbi."

ISAHL. 96
a Gen 18:25, Hu 9:8, Hu 98:9, IzE 17:31, 2Pe 3:7
b Dut 32:4

ISAHL. 97
c Hu 96:10, IsA 11:16, 17, IsA 19:6
d Isay 49:13
e Isay 60:9
f Eks 20:21
g Hu 99:4
h Hu 50:3, Dan 7:9, 10
i Nah 1:2, 6, Mal 4:1
j Eks 19:16, 18, Hu 77:18, Hu 104:32
k Hlu 5:5, Nah 1:5, Hab 3:6
l Hab 2:14
m Jer 10:14
n Isay 37:19
o Eks 12:12, Eks 18:11
p Isay 51:3
q Hu 48:11

Uhla 2
a Eks 18:11, Isay 44:8
b Hu 34:14, Hu 101:3, Hu 119:104, Rom 12:9, Heb 1:9
c Hu 37:28, Hu 145:20
d Dan 3:28, Mat 6:13
e Hu 112:4, IzA 4:18, Isay 30:26, Mik 7:9

ISAHL. 98
f Hu 33:3, Hu 96:1, Hu 149:1, Isay 42:10
g Eks 15:11, Hu 111:2
h Eks 15:6, Isay 52:10, Isay 59:16, Isay 63:5
i Luk 2:30, 31
j Isay 5:16
k Lev 26:42, Luk 1:54, 55
l Isay 49:6, IzE 28:28, Rom 10:18
m Hu 47:1, Hu 67:4

5 Hubelani* uJehova ngehabhu,
Ngehabhu nangengoma emnandi.
6 Ngamacilongo nangomsindo wophondo,[a]
Memezani ngenjabulo phambi kweNkosi, uJehova.
7 Ulwandle maludume nakho konke okukulo,
Umhlaba* nabahlala kuwo.
8 Imifula mayishaye ihlombe;
Izintaba mazimemeze ngenjabulo kanyekanye[b]
9 Phambi kukaJehova, ngoba uyeza* uzokwahlulela umhlaba.
Uzokwahlulela abahlala emhlabeni# ngokulunga[c]
Nezizwe ngobulungisa.[d]

99 UJehova useyiNkosi.[e] Izizwe mazithuthumele.
Uhlezi esihlalweni sobukhosi ngaphezu* kwamakherubi.[f] Umhlaba mawuzamazame.
2 UJehova mkhulu eZiyoni,
Uphakeme ngaphezu kwazo zonke izizwe.[g]
3 Mazidumise igama lakho elikhulu,[h]
Ngoba liyesabeka futhi lingcwele.
4 Yena uyiNkosi enamandla ethanda ubulungisa.[i]
Ukumise kwaqina okulungile.
Ulethe ubulungisa nokulunga[j] kwaJakobe.
5 Phakamisani uJehova uNkulunkulu wethu,[k] nikhothame* endaweni yakhe yokubeka izinyawo;#[l]
Ungcwele.[m]

98:5 *Noma, "Culelani." 98:7 *Noma, "Izwe." 98:9 *Noma, "ufikile." #Noma, "izwe elivundile." 99:1 *Noma kungaba, "phakathi." 99:5 *Noma, "nikhuleke." #Noma, "esenabelweni sezinyawo zakhe."

ISAHL. 98
a Num 10:10; 1Kr 15:28; 2Kr 29:27
b Isay 44:23
c Hu 9:8; IzE 17:31
d Hu 67:4; Hu 96:10; Rom 2:6

ISAHL. 99
e Hu 93:1; IsA 11:17
f Eks 25:22
g Hu 83:18
h Hu 8:1; Hu 148:13; IsA 15:4
i Job 36:6
j Dut 10:17, 18; Jer 9:24
k Eks 15:2
l 1Kr 28:2; Hu 132:7
m Lev 19:2

Uhla 2
a Eks 24:6; Num 14:19, 20
b 1Sa 7:9
c Eks 15:24, 25; 1Sa 15:10
d Eks 19:9
e Eks 40:16; 1Sa 12:3
f Dut 9:19
g Mik 7:18
h Eks 34:6, 7
i Eks 15:2
j Hu 2:6
k 1Sa 2:2; Isay 6:3

ISAHL. 100
l Hu 95:1, 2; Hu 98:4
m Dut 12:12; Neh 8:10
n Dut 6:4
o Hu 149:2
p Hu 95:6, 7; Hez 34:31; 1Pe 2:25
q Hu 50:23; Hu 66:13; Hu 122:1, 2
r Hu 65:4
s Hu 96:2; Heb 13:15
t Hu 86:5; Luk 18:19

6 UMose no-Aroni babephakathi kwabapristi bakhe,[a]
USamuweli wayephakathi kwalabo ababiza igama lakhe.[b]
Babembiza uJehova,
Yena wayebaphendula.[c]
7 Wayekhuluma nabo esensikeni yefu.[d]
Bazigcina izikhumbuzo zakhe nomyalo abanika wona.[e]
8 O Jehova Nkulunkulu wethu, wabaphendula.[f]
Wena wawunguNkulunkulu obathethelelayo,[g]
Kodwa wabajezisa* ngenxa yezenzo zabo ezimbi.[h]
9 Phakamisani uJehova uNkulunkulu wethu[i]
Nikhothame* phambi kwentaba yakhe engcwele,[j]
Ngoba uJehova uNkulunkulu wethu ungcwele.[k]

Ihubo lokubonga.

100 Memezani ngenjabulo nidumise uJehova, nonke nina bantu basemhlabeni.[l]
2 Khonzani uJehova ngokuthokoza.[m]
Wozani phambi kwakhe nimemeze ngenjabulo.
3 Yazini* ukuthi uJehova unguNkulunkulu.[n]
Nguye owasenza, singabakhe.#[o]
Singabantu bakhe nezimvu zedlelo lakhe.[p]
4 Ngenani emasangweni akhe nimbonge,[q]
Emagcekeni akhe nimdumise.[r]
Mbongeni; dumisani igama lakhe.[s]
5 Ngoba uJehova muhle;[t]

99:8 *NgesiHebheru, "waphindisela." 99:9 *Noma, "Nikhuleke." 100:3 *Noma, "Qondani." #Noma kungaba, "akuthina."

Uthando lwakhe oluqotho luhlala kuze kube phakade,
Nokuthembeka kwakhe kuzo zonke izizukulwane.[a]

ElikaDavide. Ihubo.

**101** Ngizohlabelela ngothando oluqotho nangobulungisa.
O Jehova, ngizokuhubela izindumiso.*
2 Ngizokwenza ngokuqonda nangokungenaphutha.*
Uyoza nini kimi?
Ngizohamba ngobuqotho benhliziyo[b] ngaphakathi endlini yami.
3 Ngeke ngibeke noma yini engelusizo lwalutho* phambi kwamehlo ami.
Ngiyazizonda izenzo zalabo abaphambukayo kokulungile;[c]
Akukho lutho oluyongihlanganisa nazo.#
4 Inhliziyo ekhohlisayo ikude nami;
Ngeke ngikwamukele* okubi.
5 Noma ubani onyundela umakhelwane wakhe ekusithekeni,[d]
Ngiyomthulisa.*
Noma ubani oziphakamisayo nozikhukhumezayo,
Ngeke ngimbekezelele.
6 Ngiyobabheka ngomusa abathembekile basemhlabeni,
Ukuze bahlale nami.
Ohamba ngokungenaphutha* nguye oyongikhonza.
7 Akukho muntu okhohlisayo oyohlala endlini yami,
Noma ubani okhuluma amanga ngeke ame phambi kwami.*
8 Njalo ekuseni ngizobathulisa* bonke ababi basemhlabeni,
Ukuze nginqume bonke abenzi bokubi edolobheni likaJehova.[a]

Umthandazo wocindezelekile lapho ephelelwe yithemba* futhi ethululela kuJehova okumkhathazayo.[b]

**102** O Jehova, yizwa umthandazo wami;[c]
Kwangathi ukukhalela kwami usizo kungafika kuwe.[d]
2 Ungangifihleli ubuso bakho ngesikhathi sokucindezeleka.[e]
Ngilalele;*
Ngiphendule ngokushesha lapho ngikubiza.[f]
3 Ngoba izinsuku zami ziphela njengentuthu,
Amathambo ami amnyama njengeziko.[g]
4 Inhliziyo yami ishiswe yilanga njengotshani yabuna,[h]
Ngoba ngiyakhohlwa ukudla ukudla kwami.
5 Ngenxa yokuhlupheka kwami ngiyabubula,[i]
Amathambo ami anamathele enyameni yami.[j]
6 Ngifana nevuba* lasehlane;
Nginjengesikhova ezindaweni ezibhuqiwe.
7 Ngiqwashile,*
Nginjengenyoni engayodwa phezu kophahla.[k]
8 Izitha zami zingiklolodela usuku lonke.[l]

---

**ISAHL. 100**
*a* Eks 34:6, 7; Dut 7:9; Hu 98:3

**ISAHL. 101**
*b* 1Kh 9:4; Hu 78:70, 72
*c* Hu 97:10
*d* IzA 20:19

**Uhla 2**
*a* IzA 20:8

**ISAHL. 102**
*b* Hu 61:2; Hu 142:2
*c* Hu 55:1; Dan 9:17
*d* Eks 2:23
*e* Hu 27:9; IsiL 1:20
*f* Hu 143:7; Isay 65:24
*g* IsiL 1:13
*h* Hu 143:4
*i* Hu 6:6; Hu 38:8
*j* Job 19:20; IzA 17:22
*k* Hu 38:11
*l* Hu 31:11; Hu 74:10; Hu 79:4

---

**101:1** *Noma, "ngizokuculela ngidlale nezinsimbi." **101:2** *Noma, "nangobuqotho." **101:3** *Noma, "engenamsebenzi." #Noma, "Angisondelani nezenzo zabo." **101:4** *NgesiHebheru, "ngikwazi." **101:5** *Noma, "Ngiyombulala." **101:6** *Noma, "ngobuqotho." **101:7** *NgesiHebheru, "phambi kwamehlo ami." **101:8** *Noma, "ngizobabulala." **102:0** *Noma, "eba buthaka." **102:2** *Noma, "Goba ulalele." **102:6** *Uhlobo oluthile lwenyoni. **102:7** *Noma kungaba, "Ngizacile."

Labo abangidelelayo* basebenzisa igama lami njengesiqalekiso.
9 Ukudla kwami wumlotha,[a]
Isiphuzo sami sixubene nezinyembezi,[b]
10 Ngenxa yentukuthelo yakho nolaka lwakho,
Ngoba ungiphakamisile ukuze nje ungilahle.
11 Izinsuku zami zinjengethunzi elishabalalayo lapho ilanga lishona,*[c]
Ngiyabuna njengotshani.[d]
12 Kodwa wena Jehova, uyohlala kuze kube phakade,[e]
Nodumo* lwakho luyohlala zonke izizukulwane.[f]
13 Nakanjani uyovuka ubonise iZiyoni isihe,[g]
Ngoba yisikhathi sokuba ulibonise umusa wakho;[h]
Isikhathi esibekiwe sesifikile.[i]
14 Izinceku zakho zithola injabulo ematsheni alo[j]
Zithanda ngisho nothuli lwalo.[k]
15 Izizwe ziyolesaba igama likaJehova,
Nawo wonke amakhosi omhlaba ayoyiqonda inkazimulo yakho.[l]
16 Ngoba uJehova uyolakha kabusha iZiyoni;[m]
Uyozibonakalisa ekhazimula.[n]
17 Uyowunaka umthandazo wabangenalutho;[o]
Ngeke ayidelele imithandazo yabo.[p]
18 Lokhu kulotshelwe isizukulwane esizayo,[q]
Ukuze isizwe esizayo* simdumise uJah.
19 Ngoba ubheka phansi esendaweni yakhe ephakeme engcwele,[a]
Esemazulwini uJehova ubuka emhlabeni,
20 Ukuze ezwe ukukhalaza kwesiboshwa,[b]
Ukuze akhulule abagwetshelwe ukufa,[c]
21 Ukuze igama likaJehova limenyezelwe eZiyoni[d]
Nodumo lwakhe eJerusalema,
22 Lapho izizwe nemibuso
Kubuthene ndawonye ukuba kukhonze uJehova.[e]
23 Washeshe wangiphuca amandla ami;
Wazifinyeza izinsuku zami.
24 Ngathi: “O Nkulunkulu wami,
Ungangibulali ngoba angikagugi;
Wena ophila kuzo zonke izizukulwane.[f]
25 Kudala wabeka izisekelo zomhlaba,
Amazulu awumsebenzi wezandla zakho.[g]
26 Kuyoshabalala, kodwa wena uyohlale ukhona;
Konke kuyoguga njengengubo nje.
Njengengubo uyobeka okunye esikhundleni sako, kuyophelelwa isikhathi.
27 Kodwa wena awushintshi, awunasiphetho.[h]
28 Amadodana ezinceku zakho ayohlala evikelekile,
Inzalo yawo iyomiswa iqine phambi kwakho.”[i]

ElikaDavide.

**103** Ngizomdumisa* uJehova;
Konke okungaphakathi kimi makudumise igama lakhe elingcwele.

---

**102:8** *Noma, “abangenza isilima.” **102:11** *Noma, “zinjengethunzi elilulekayo.” **102:12** *Noma, “Negama.” NgesiHebheru, “Nesikhumbuzo.” **102:18** *NgesiHebheru, “esisazodalwa.”

**103:1** *Noma, “Mphefumulo wami mdumise.”

ISAHL. 102
a IsiL 3:15
b Hu 80:5
c Hu 39:5
d Job 14:1, 2; Hu 102:4
e Hu 90:2
f Eks 3:15
g Isay 49:15
h Isay 60:10
i Ezr 1:1, 2; Isay 40:2; Dan 9:2
j Neh 2:3; Hu 137:5
k Hu 79:1
l Isay 60:3; Zak 8:22
m Hu 147:2; Jer 33:7
n Isay 60:1
o Dan 9:20, 21
p Hu 22:24
q Hu 78:4; Rom 15:4

Uhla 2
a 2Kr 16:9
b Eks 3:7; Isay 61:1
c 2Kr 33:12, 13; Hu 79:11
d Hu 9:13, 14; Hu 22:22; Isay 51:11
e Isay 11:10; Isay 49:22; Isay 60:3
f Hu 90:2; Hab 1:12; IsA 1:8
g Hu 8:3; Isay 48:13; Heb 1:10-12
h Job 36:26; Mal 3:6; Jak 1:17
i Isay 66:22

2 Ngizomdumisa* uJehova;
Kwangathi ngingeze ngakukhohlwa konke akwenzile.[a]
3 Uthethelela zonke iziphambeko zakho,[b]
Elaphe zonke izifo zakho;[c]
4 Usindisa ukuphila kwakho egodini*[d]
Akuthwese umqhele wothando lwakhe oluqotho nesihe.[e]
5 Ukwanelisa ngezinto ezinhle[f] ukuphila kwakho konke,
Ukuze ubusha bakho buvuselelwe njengobokhozi.[g]
6 UJehova ubabonisa ukulunga[h] nobulungisa
Bonke abacindezelekile.[i]
7 Wamazisa uMose izindlela zakhe,[j]
Wazisa ngisho namadodana ka-Israyeli izenzo zakhe.[k]
8 UJehova unesihe nozwela,*[l]
Uyephuza ukuthukuthela futhi uchichima uthando oluqotho.#[m]
9 Ngeke ahlale ebheka amaphutha,[n]
Noma ahlale ecasukile kuze kube phakade.[o]
10 Akenzanga kithi ngokwezono zethu,[p]
Akasilethelanga lokho okusifanele ngokweziphambeko zethu.[q]
11 Ngoba njengoba amazulu ephakeme kunomhlaba,
Kanjalo uthando lwakhe oluqotho lukhulu kulabo abamesabayo.[r]
12 Njengokuqhelelana kwempumalanga nentshonalanga,
Uzibeke kude kangako izono zethu.[a]
13 Njengoba ubaba ebonisa umusa emadodaneni akhe,
NoJehova ubabonise umusa labo abamesabayo.[b]
14 Ngoba yena uyakwazi ukwakheka kwethu,[c]
Ekhumbula ukuthi siluthuli.[d]
15 Izinsuku zomuntu ofayo zinjengezotshani;[e]
Uqhakaza njengembali yasendle.[f]
16 Kodwa lapho kuvunguza umoya, ayibe isaba khona,
Njengokungathi ayikaze ibe khona.*
17 Kodwa uthando lukaJehova oluqotho kulabo abamesabayo[g]
Luhlala kuze kube phakade,*
Nokulunga kwakhe esizukulwaneni sabo,[h]
18 Kulabo abagcina isivumelwano sakhe[i]
Nakulabo abayigcina ngokucophelela imiyalo yakhe.
19 UJehova usimise saqina isihlalo sakhe sobukhosi emazulwini;[j]
Nobukhosi bakhe bubusa yonke into.[k]
20 Dumisani uJehova, nonke nina zingelosi zakhe[l] ezinamandla amakhulu,
Enifeza izwi lakhe,[m] enilalela izwi lakhe.*
21 Dumisani uJehova, nonke mabutho akhe,[n]

103:2 *Noma, "Mphefumulo wami mdumise." 103:4 *Noma, "ethuneni." 103:8 *Noma, "nomusa." #Noma, "umusa wothando."

103:16 *NgesiHebheru, "Nendawo yayo ayisayazi." 103:17 *Noma, "kusukela phakade kuze kube phakade." 103:20 *NgesiHebheru, "enizwa iphimbo (umsindo) lakhe."

ISAHL. 103
a Dut 8:2; Hu 105:5
b 2Sa 12:13; Isay 43:25
c Eks 15:26; Hu 41:3; Hu 147:3; Isay 33:24; Jak 5:15; IsA 21:4
d Hu 56:13
e Mik 7:18
f Hu 23:5; Hu 65:4
g Hu 51:12; Isay 40:31
h Hu 9:8
i Hu 12:5; IzA 22:22, 23; Jak 5:4
j Eks 24:4; Num 12:8
k Hu 147:19
l Isay 55:7; Jak 5:11
m Eks 34:6; Jow 2:13; Jon 4:2
n Hu 30:5
o Isay 57:16
p Neh 9:31
q Ezr 9:13; Hu 130:3; Isay 55:7
r Hu 103:17; Isay 55:9

Uhla 2
a Lev 16:21, 22; Isay 43:25; Jer 31:34
b Hu 78:38; Isay 49:15; Mal 3:17; Jak 5:15
c Hu 78:39
d Gen 2:7
e Hu 90:5, 6; 1Pe 1:24
f Job 14:1, 2
g Luk 1:50
h Eks 20:6
i Eks 19:5; Dut 7:9; Hu 25:10
j 2Kr 20:6; Isay 66:1
k Hu 47:2; Hu 145:13; Dan 4:25
l Dan 7:10
m 2Kh 19:35; Luk 1:19
n 1Kh 22:19; Hu 148:2; Luk 2:13, 14

Nina zikhonzi zakhe ezenza
intando yakhe.[a]
22 Dumisani uJehova, nonke
nina ndalo yakhe,
Ezindaweni zonke zombuso
wakhe.*
Umphefumulo wami mawu-
dumise# uJehova.

104 Ngizomdumisa
uJehova.[b]
O Jehova Nkulunkulu
wami, umkhulu kakhulu.[c]
Wembethe isithunzi* nobu-
khazikhazi.[d]
2 Usongwe ukukhanya[e] nje-
ngokungathi ngengubo;
Welula amazulu njengete-
nde.[f]
3 Yena ugxumeka izinsika za-
magumbi akhe aphezulu
emanzini asesibhakabha-
keni,*[g]
Wenza amafu abe yinqola
yakhe,[h]
Uhamba ngamaphiko
omoya.[i]
4 Wenza izingelosi zakhe zibe
yimimoya,
Izikhonzi zakhe zibe umlilo
oshwabadelayo.[j]
5 Ubeke umhlaba phezu kwe-
zisekelo zawo;[k]
Ngeke ususwe endaweni
yawo* kuze kube phakade
naphakade.[l]
6 Wawumboza ngamanzi aju-
lile njengokungathi nge-
ngubo.[m]
Amanzi amboza izintaba.
7 Ahlehla lapho uwakhuza;[n]
Ngomsindo wokuduma
kwakho abaleka enovalo
8 —Izintaba zenyuka[o] nezigo-
di zehla—
Aya endaweni owawamisela
yona.
9 Wamisa umngcele okunga-
fanele ukuba aweqe,[a]
Ukuze angaphinde amboze
umhlaba.
10 Uthumela iziphethu ezigo-
dini;*
Zigeleza phakathi kwezi-
ntaba.
11 Ziphuzisa zonke izilwane
zasendle;
Izimbongolo zasendle zici-
ma ukoma kwazo.
12 Ngaphezu kwazo izinyoni
zamazulu zakhele izi-
dleke;
Ziyacula phakathi kwama-
hlamvu aminyene.
13 Unisela izintaba esemagu-
mbini akhe aphezulu.[b]
Umhlaba uyaneliswa ngezi-
thelo zemisebenzi yakho.[c]
14 Wenza ukuba kuhlume
utshani obuzodliwa yizi-
nkomo
Nezitshalo ezizodingwa
abantu,[d]
Ukuze ukudla kuhlume em-
hlabeni
15 Newayini elijabulisa inhlizi-
yo yomuntu,[e]
Namafutha acwebezelisa
ubuso,
Nesinkwa esisekela inhlizi-
yo yomuntu ofayo.[f]
16 Izihlahla zikaJehova zaneli-
sekile,
Imisedari yaseLebhanoni
ayitshalile,
17 Lapho izinyoni zakha kho-
na izidleke.
Ikhaya likanogolantethe[g] li-
sezihlahleni zomjunipha.
18 Izintaba eziphakeme zinge-
zezimbuzi zezintaba;[h]
Amawa ayisiphephelo sezi-
mbila.[i]

**103:22** *Noma, "Ezindaweni abusa kuzo." #Noma, "Mangimdumise ngenhliziyo yonke." **104:1** *Noma, "ubukhulu." **104:3** *NgesiHebheru, "emanzini." **104:5** *Noma, "Ngeke untengantengiswe."

**104:10** *Noma, "emihosheni."

ISAHL. 103
a Mat 13:41; Heb 1:7

ISAHL. 104
b Hu 103:1
c Hu 86:10
d 1Kr 16:27; Hez 1:27, 28; Dan 7:9
e Jak 1:17; 1Jo 1:5
f Isay 40:22
g Hu 18:11; Amo 9:6
h Dut 33:26; Isay 19:1
i 2Sa 22:11; Job 38:1
j Hez 1:13; Heb 1:7, 14
k Job 38:4, 6; Hu 24:1, 2
l Shu 1:4
m Gen 1:2
n Gen 1:9
o IzA 8:25

Uhla 2
a Job 38:8-10; Hu 33:7; IzA 8:29; Jer 5:22
b Job 38:37; Hu 147:8; Jer 10:13; Amo 9:6; Mat 5:45
c Hu 65:9; IzE 14:17
d Gen 1:29, 30; Gen 9:3
e Shu 9:7
f Shu 10:19
g Jer 8:7
h Job 39:1
i IzA 30:26

19 Wenze inyanga ukuze ihlukanise izinkathi zonyaka;
Ilanga lazi kahle ukuthi kufanele lishone nini.[a]
20 Uletha ubumnyama bese kuyahlwa,[b]
Zonke izilwane zasendle ziyaphuma zizulazule.
21 Amabhubesi* abhongela inyamazane[c]
Afuna ukudla kwawo kuNkulunkulu.[d]
22 Lapho ilanga liphuma,
Ayahoxa ayolala ezindaweni zawo zokucasha.
23 Umuntu uyaphuma aye emsebenzini,
Asebenze kuze kuhlwe.
24 O Jehova, yeka ukuthi miningi kangakanani imisebenzi yakho![e]
Yonke uyenze ngokuhlakanipha.[f]
Umhlaba ugcwele izinto ozidalile.
25 Nalu ulwandle, lukhulu futhi lubanzi,
Kulo kukhona izinto eziphilayo ezingenakubalwa, ezincane nezinkulu.[g]
26 Imikhumbi ihamba khona,
NoLeviyathani*[h] umdalele ukuba adlale kulo.
27 Zonke zilinda wena
Ukuba uzinike ukudla kwazo ngesikhathi esifanele.[i]
28 Ozinika kona ziyakuthatha.[j]
Lapho uvula isandla sakho, ziyaneliswa ngezinto ezinhle.[k]
29 Uma ufihla ubuso bakho, ziyaphazamiseka.
Uma ususa umoya wazo, ziyafa zibuyele othulini.[l]
30 Uma uthumela umoya wakho, ziyadalwa,[m]
Uvuselela ubuso bomhlaba.
31 Inkazimulo kaJehova iyohlala kuze kube phakade.
UJehova uyojabula ngemisebenzi yakhe.[a]
32 Ubheka umhlaba, wona uthuthumele;
Uthinta izintaba, zishunqe intuthu.[b]
33 Ngizomhlabelelela uJehova[c] konke ukuphila kwami;
Ngizomdumisa* uNkulunkulu wami uma nje ngisaphila.[d]
34 Imicabango yami mayimjabulise.*
Ngizojabula ngoJehova.
35 Izoni ziyoshabalala emhlabeni,
Ababi ngeke besaba khona.[e]
Ngizomdumisa uJehova. Dumisani uJah!*

**105** Mbongeni uJehova,[f] nibize igama lakhe,
Yenzani izenzo zakhe zaziwe phakathi kwezizwe![g]
2 Mhubeleni, nimculele izingoma zokudumisa,*
Zindlani# ngayo yonke imisebenzi yakhe emangalisayo.[h]
3 Ziqhayiseni ngegama lakhe elingcwele.[i]
Mazijabule izinhliziyo zalabo abafuna uJehova.[j]
4 Funani uJehova[k] namandla akhe.
Qhubekani nimfuna.*
5 Khumbulani imisebenzi yakhe emangalisayo ayenzile,

ISAHL. 104
a Gen 1:16; Hu 19:6; Jer 31:35
b Gen 1:5; Hu 74:16; Isay 45:7
c Amo 3:4
d Hu 147:9
e Neh 9:6
f IzA 3:19; Jer 10:12
g Gen 1:21
h Job 41:1
i Hu 136:25; Hu 145:15; Hu 147:9; Mat 6:26
j Luk 12:24
k Hu 107:9; Hu 145:16
l Gen 3:19; Job 34:14, 15; Hu 146:3, 4; Shu 3:19, 20; Shu 12:7
m Job 33:4; IzE 17:28

Uhla 2
a Gen 1:31
b Eks 19:18
c Hu 13:6
d Hu 146:2
e Hu 37:10, 38; IzA 2:22

ISAHL. 105
f Hu 136:1
g 1Kr 16:8-13; Hu 96:3; Hu 145:11, 12; Isay 12:4
h Hu 77:12; Hu 119:27
i Jer 9:24
j Hu 119:2
k Amo 5:4; Zef 2:3

**104:21** *Noma, "Amabhubesi asemancane anomhlwenga." **104:26** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**104:33** *Noma, "Ngizomculela." **104:34** *Noma kungaba, "Ukuzindla kwami ngaye makujabulise." **104:35** *Noma, "Haleluya!" Elithi "Jah" liyisifushaniso segama elithi Jehova. **105:2** *Noma, "nimhlabelelele." #Noma kungaba, "Khulumani." **105:4** *Noma, "Mfuneni njalo."

Izimangaliso zakhe neza-
hlulelo azikhiphile,[a]
6 Nina nzalo* ka-Abrahama
inceku yakhe,[b]
Nina bantwana bakaJa-
kobe, abakhethiwe ba-
khe.[c]
7 UnguJehova uNkulunkulu
wethu.[d]
Izahlulelo zakhe zisemhla-
beni wonke.[e]
8 Ukhumbula isivumelwano
sakhe kuze kube pha-
kade,[f]
Isithembiso asenza* ezi-
zukulwaneni eziyinkulu-
ngwane,[g]
9 Isivumelwano asenza no-
Abrahama,[h]
Nesifungo asifunga ku-
Isaka,[i]
10 Asimisa saba umyalo ku-
Jakobe
Saba isivumelwano sapha-
kade ku-Israyeli,
11 Ethi: "Ngizokunika izwe la-
seKhanani[j]
Libe yifa lakho."[k]
12 Lokhu kwenzeka lapho be-
sembalwa,[l]
Yebo, bembalwa kakhulu,
futhi beyizifiki ezweni.[m]
13 Babehamba besuka kwesi-
nye isizwe beya kwesinye,
Besuka komunye umbuso
beya komunye umbuso.[n]
14 Akavumelanga muntu uku-
ba abacindezele,[o]
Kodwa wasola amakhosi[p]
ngenxa yabo,
15 Ethi: "Ningabathinti aba-
gcotshiwe bami,
Ningenzi lutho olubi kuba-
profethi bami."[q]
16 Waletha indlala ezweni;[r]
Wenza ukuba bangabe be-
sakuthola ukudla.*
17 Wathumela umuntu nga-
phambi kwabo
Owayethengisiwe ukuba
abe yisigqila, uJosefa.[a]
18 Izinyawo zakhe bazibopha*
ngezibopho,[b]
Intamo yakhe yafakwa ezi-
nsimbini;#
19 Kwaze kwaba yilapho izwi
lakhe ligcwaliseka,[c]
Izwi likaJehova yilo elamlo-
longa.
20 Inkosi yayala ukuba akhu-
lulwe,[d]
Umbusi wezizwe wamkhu-
lula.
21 Wambeka ukuba aphathe
indlu yakhe,
Ukuba abe umbusi phezu
kwayo yonke impahla ya-
khe,[e]
22 Ukuba abe negunya phezu*
kwezikhulu zakhe ngoku-
thanda kwakhe
Nokuba afundise amadoda
amadala ukuhlakanipha.[f]
23 Khona-ke u-Israyeli weza
eGibhithe,[g]
UJakobe wahlala ezweni li-
kaHamu njengesifiki.
24 UNkulunkulu wasandisa
kakhulu isizwe sakhe;[h]
Wasenza saba namandla
kunezitha zaso,[i]
25 Wavumela izinhliziyo zazo
ukuba zishintshe zibazo-
nde abantu bakhe,
Ukuba zakhele izinceku za-
khe uzungu.[j]
26 Wathumela uMose[k] inceku
yakhe,

---

105:6 *Noma, "sizukulwane." NgesiHebheru, "mbewu." 105:8 *NgesiHebheru, "Izwi aliyala."

105:16 *NgesiHebheru, "Waphula zonke izinduku zokulengisa izinkwa." Cishe kushiwo izinduku ezazisetshenziselwa ukugcina izinkwa. 105:18 *NgesiHebheru, "bazihlupha." #Noma, "Umphefumulo wakhe wangena ezinsimbini." 105:22 *NgesiHebheru, "Ukuba abophe."

---

ISAHL. 105
a Dut 7:18, 19
b Eks 3:6
c Eks 19:5, 6; Isay 41:8
d Eks 20:2; Hu 100:3
e 1Kr 16:14-18; Isay 26:9; IsA 15:4
f Neh 1:5
g Dut 7:9; Luk 1:72, 73
h Gen 17:1, 2; Gen 22:15-18
i Gen 26:3
j Gen 12:7; Gen 13:14, 15; Gen 15:18; Gen 26:3; Gen 28:13
k Hu 78:55
l Gen 34:30
m Gen 17:8; Gen 23:4; 1Kr 16:19-22; IzE 7:4, 5
n Gen 20:1; Gen 46:6
o Gen 31:7, 42
p Gen 12:17; Gen 20:2, 3
q Gen 26:9, 11
r Gen 41:30, 54; Gen 42:5; IzE 7:11

Uhla 2
a Gen 37:28, 36; Gen 45:4, 5; Gen 50:20
b Gen 39:20
c IzE 7:10
d Gen 41:14
e Gen 41:39-41; Gen 41:48; Gen 45:8
f Gen 41:33, 38
g Gen 46:4, 6
h Eks 1:7; IzE 7:17
i Eks 1:8, 9
j Eks 1:10; IzE 7:18, 19
k Eks 3:10; Eks 4:12; Eks 6:11

No-Aroni[a] ayemkhethile.
27 Benza izibonakaliso zakhe phakathi kwabo,*
Izimangaliso ezweni lika-Hamu.[b]
28 Wathumela ubumnyama, kwaba mnyama ezweni;[c]
Abazange badlubulunde emazwini akhe.
29 Washintsha amanzi abo aba yigazi
Wabulala izinhlanzi zabo.[d]
30 Ezweni labo kwagcwala amaxoxo,[e]
Ngisho nasemakamelweni asebukhosini.
31 Wathumela izibawu* ukuba zibahlasele
Nezinsensane# kuzo zonke izindawo zabo.[f]
32 Wenza izimvula zabo zaba yisichotho
Wathumela imibani* ezweni labo.[g]
33 Washaya amasimu abo amagilebhisi nezihlahla zabo zemikhiwane
Waphula izihlahla zendawo yabo.
34 Wathi makufike izintethe zibahlasele,
Izintethe ezingenakubalwa.[h]
35 Zadla zonke izimila ezweni,
Zadla nezithelo zomhlabathi.
36 Ngemva kwalokho wabulala wonke amazibulo ezweni labo,[i]
Ukuqala kwamandla abo okuzala.
37 Wakhipha abantu bakhe benesiliva negolide;[j]
Akekho noyedwa phakathi kwezizwe zakhe owakhubeka.
38 IGibhithe lajabula lapho behamba,
Ngoba lase limesaba u-Israyeli.*[a]
39 Welula ifu ukuze abasithe[b]
Nomlilo wokubakhanyisela ebusuku.[c]
40 Bacela inyama, waletha izagwaca;[d]
Waqhubeka ebasuthisa ngesinkwa esivela ezulwini.[e]
41 Waqhekeza idwala, kwagobhoza amanzi;[f]
Ageleza njengomfula adabula ugwadule.[g]
42 Ngoba wasikhumbula isithembiso esingcwele ayesenze ku-Abrahama inceku yakhe.[h]
43 Ngakho wasikhipha isizwe sakhe ngokwethaba,[i]
Abakhethiwe bakhe ngokukhamuluka kwenjabulo.
44 Wabanika indawo yezizwe;[j]
Badla izithukuthuku zezinye izizwe,[k]
45 Ukuze bagcine imiyalo yakhe[l]
Bagcine imithetho yakhe.
Dumisani uJah!*

**106** Dumisani uJah!*
Bongani uJehova, ngoba muhle;[m]
Ngoba uthando lwakhe oluqotho luhlala kuze kube phakade.[n]
2 Ubani ongayimemezela ngokugcwele imisebenzi yamandla kaJehova
Noma ongazimemezela zonke izenzo zakhe ezifanelwe udumo?[o]

---

**105:27** * Ngokusobala kushiwo abaseGibhithe. **105:31** * Uhlobo lwempukane oluncinzayo. # Isinambuzane esifana nomiyane. **105:32** * Noma, "amalangabi omlilo."

**105:38** * NgesiHebheru, "lase libesaba." **105:45; 106:1** * Noma, "Haleluya!" Elithi "Jah" liyisifushaniso segama elithi Jehova.

---

ISAHL. 105
a Eks 4:14; Eks 7:1
b Neh 9:10; Hu 78:43-51
c Eks 10:22, 23
d Eks 7:20, 21
e Eks 8:6
f Eks 8:17, 24
g Eks 9:23-26
h Eks 10:13-15
i Eks 12:29
j Gen 15:13, 14; Eks 3:22; Eks 12:35, 36

Uhla 2
a Eks 12:33
b Eks 14:19, 20
c Eks 13:21
d Hu 78:27
e Eks 16:12-15; Hu 78:24
f Eks 17:6; 1Ko 10:1, 4
g Hu 78:15, 16
h Gen 12:7; Gen 15:13, 14; Eks 2:24; Dut 9:5
i Num 33:3
j Jos 11:23; Jos 21:43; Neh 9:22; Hu 78:55; IzE 13:19
k Dut 6:10, 11; Jos 5:11, 12
l Dut 4:40

ISAHL. 106
m Luk 18:19
n 1Kr 16:34; Ezr 3:11; Hu 103:17; Hu 107:1
o Hu 40:5

3 Bayajabula labo abenza ngobulungisa,
Abenza okulungile[a] ngaso sonke isikhathi.
4 Ngikhumbule Jehova, lapho ubonisa abantu bakho umusa.[b]
Nginakekele ungisindise,
5 Ukuze ngibone ubuhle obubonisa abakhethiwe bakho,[c]
Ukuze ngijabule kanye nesizwe sakho,
Ukuze ngikudumise ngokuziqhenya* kanye nefa lakho.
6 Sone ngokufana nse nokhokho bethu;[d]
Senze okungalungile; senze ngokukhohlakala.[e]
7 Okhokho bethu eGibhithe abazange bayazise* imisebenzi yakho emangalisayo.
Abazange balukhumbule uthando lwakho oluqotho oluchichimayo,
Kodwa badlubulunda olwandle, ngasoLwandle Olubomvu.[f]
8 Wabasindisa ngenxa yegama lakhe,[g]
Ukuze enze amandla akhe aziwe.[h]
9 Walukhuza uLwandle Olubomvu, loma;
Wabahola banqamula ekujuleni kwalo njengokungathi bahamba ogwadule;*[i]
10 Wabasindisa esandleni sesitha sabo[j]
Wabakhulula esandleni sesitha.[k]
11 Amanzi amboza izitha zabo;
Akekho noyedwa kuzo owasinda.[l]
12 Khona-ke baba nokholo esithembisweni sakhe;[a]
Baqala ukuhlabelela ingoma yokudumisa.[b]
13 Kodwa ngokushesha bakukhohlwa ayekwenzile;[c]
Abazange basilindele isiqondiso sakhe.
14 Bavumela ukulawulwa yisifiso sabo sobugovu ehlane;[d]
Bamvivinya uNkulunkulu ogwadule.[e]
15 Wabanika ababekucela,
Kodwa ngemva kwalokho wabashaya ngesifo esabenza bazaca futhi bafa.[f]
16 Baba nomona ngoMose ekamu
Nango-Aroni,[g] ongcwele kaJehova.[h]
17 Umhlaba wabe usuvuleka wagwinya uDathani
Wabagqiba labo ababezihlanganise no-Abhiramu.[i]
18 Umlilo walivuthela iqembu labo;
Ilangabi labashisa ababi.[j]
19 Benza ithole eHorebe
Bakhothamela isithombe sensimbi;*[k]
20 Bakhetha umfanekiso wenkunzi edla utshani[l]
Esikhundleni senkazimulo yami.
21 Bamkhohlwa uNkulunkulu[m] uMsindisi wabo,
Owenza izinto ezinkulu eGibhithe,[n]
22 Imisebenzi emangalisayo ezweni likaHamu,[o]
Izenzo ezimangalisayo oLwandle Olubomvu.[p]
23 Wayesezothi mababhuqwe,
Kodwa uMose okhethiwe wakhe wamncenga*

106:5 *Noma, "Ukuze ngiziqhayise." 106:7 *Noma, "bayiqonde." 106:9 *Noma, "ehlane."

106:19 *Noma, "esenziwe ngokuncibilikisiwe." 106:23 *NgesiHebheru, "wama esikhaleni phambi kwakhe."

ISAHL. 106
a Hu 15:1, 2; Isay 64:5
b Neh 5:19; Hu 51:18; Hu 119:132
c Eks 19:5
d Neh 9:16; Hu 78:8
e Ezr 9:6; Dan 9:5
f Eks 14:11, 12
g Hu 143:11; Hez 20:14
h Eks 9:16; Rom 9:17
i Eks 14:21, 22
j Eks 14:30
k Isay 49:26
l Eks 14:13, 28

Uhla 2
a Eks 14:31
b Eks 15:1
c Eks 15:24; Eks 16:2, 3; Eks 17:7
d Num 11:4; Dut 9:22; 1Ko 10:6
e Eks 17:2; Hu 78:18; 1Ko 10:9; Heb 3:8, 9
f Num 11:31, 33; Hu 78:29-31
g Num 16:3
h Lev 21:8; Num 16:5-7
i Num 16:27, 32
j Num 16:35
k Eks 32:4; Dut 9:12
l Eks 20:4
m Dut 32:18
n Dut 4:34
o Hu 78:51
p Eks 14:25

Ukuze anqande intukuthelo
yakhe ebhubhisayo.[a]
24 Balidelela izwe elifiselekayo;[b]
Babengenalo ukholo esithembisweni sakhe.[c]
25 Babelokhu bekhononda
ematendeni abo;[d]
Abazange balilalele izwi likaJehova.[e]
26 Ngakho waphakamisa isandla sakhe efunga ngokuphathelene nabo
Ukuthi wayezobenza bafele
ehlane;[f]
27 Wayezokwenza inzalo yabo
ife phakathi kwezizwe,
Ayihlakazele kwamanye
amazwe.[g]
28 Bahlanganyela ekukhonzeni uBhali* wasePheyori,[h]
Badla nemihlatshelo eyayinikelelwe abafile.#
29 Bamcasula ngezenzo zabo,[i]
Ngakho kwaqubuka isishayo phakathi kwabo.[j]
30 Kodwa lapho uFinehasi
esukuma engenela,
Isishayo sanqamuka.[k]
31 Wabhekwa njengolungile*
Kuzo zonke izizukulwane
kuze kube phakade.[l]
32 Bamcasula emanzini ase-Meriba,*
Ngakho kwamhambela kabi
uMose ngenxa yabo.[m]
33 Bamenza waba munyu
emoyeni,
Waphahluka ngezindebe zakhe.[n]
34 Abazange bazibhuqe izizwe,[o]
Njengoba uJehova ayebayalile.[a]
35 Kodwa bazihlanganisa nezizwe[b]
Benza ngokwezindlela
zazo.*[c]
36 Bakhonza izithixo zazo,[d]
Zona zaba ugibe kubo.[e]
37 Amadodana namadodakazi abo
Babewahlabela amademoni.[f]
38 Baqhubeka bechitha igazi
elingenacala,[g]
Igazi lamadodana abo namadodakazi abo
Ababewahlabela izithixo
zaseKhanani;[h]
Izwe langcoliswa ukuchithwa kwegazi.
39 Bangcola ngenxa yemisebenzi yabo;
Bafeba ngokomoya ngezenzo zabo.[i]
40 Ngakho intukuthelo kaJehova yabavuthela abantu
bakhe,
Walenyanya ifa lakhe.
41 Wabanikela ezizweni ngokuphindaphindiwe,[j]
Ukuze labo ababebazonda
babuse phezu kwabo.[k]
42 Izitha zabo zabacindezela,
Baba ngaphansi kwegunya
lazo.*
43 Kaningi wayebakhulula,[l]
Kodwa bona babedlubulunda bangalaleli,[m]
Babehlazeka ngenxa yesiphambeko sabo.[n]
44 Kodwa wayekubona ukucindezeleka kwabo[o]
Ekuzwa ukukhalela kwabo
usizo.[p]
45 Wayesikhumbula isivumelwano sakhe ngenxa yabo,

106:28 *Noma, "Bazihlanganisa noBhali." #Okuwukuthi, imihlatshelo eyayinikelelwa abantu abafile noma onkulunkulu abangaphili. 106:31 *Noma, "Kwabalelwa kuye njengokulunga." 106:32 *Incazelo: "Ukuxabana."

106:35 *Noma, "Bafunda izindlela zazo." 106:42 *NgesiHebheru, "kwesandla sazo."

ISAHL. 106
a Eks 32:10, 11; Dut 9:14, 19
b Num 13:32; Dut 8:7-9
c Num 14:11
d Num 14:2; Dut 1:27
e Num 14:22, 23
f Num 14:28, 29; Heb 3:11
g Lev 26:33; Dut 4:27
h Num 25:3; Hos 9:10
i Num 25:6; Dut 32:16
j Num 25:9; 1Ko 10:8
k Num 25:7, 8
l Num 25:11-13
m Num 20:2, 12; Num 27:13, 14
n Num 20:10
o Jos 16:10; Jos 17:12; Hlu 1:21

Uhla 2
a Num 33:52; Dut 7:1, 2
b Jos 15:63; Hlu 1:33
c Isay 2:6
d Hlu 2:11, 12; 2Kh 17:12
e Eks 23:32, 33
f Dut 12:31; 2Kh 16:1, 3; 2Kh 17:17, 18; Jer 7:30, 31; 1Ko 10:20
g 2Kh 21:16
h Hez 16:20
i Jer 3:9
j Dut 32:30; Hlu 3:8
k Hlu 10:6-8
l Hlu 10:11, 12; 1Sa 12:11
m Hlu 4:1
n Hlu 6:1-5
o Hlu 2:18
p Hlu 3:9

Wayebazwela* ngenxa yobukhulu bothando# lwakhe oluqotho.[a]
46 Wayenza ukuba babahawukele
Bonke labo ababebathumbile.[b]
47 O Jehova Nkulunkulu wethu, sisindise,[c]
Usiqoqe ezizweni[d]
Ukuze sibonge igama lakho elingcwele
Sikudumise ngenjabulo.*[a]
48 Kwangathi uJehova, uNkulunkulu ka-Israyeli angadunyiswa
Kusukela phakade kuze kube phakade.*[b]
Bonke abantu mabathi, "Amen!"#
Dumisani uJah!△

106:45 *Noma, "Wayebadabukela." #Noma, "yokuchichima kothando."

106:47 *Noma, "ngokwethaba." 106:48 *Noma, "Kulo lonke iphakade." #Noma, "Makube njalo!" △Noma, "Haleluya!" Elithi "Jah" liyisifushaniso segama elithi Jehova.

ISAHL. 106
a Eks 34:6, Dut 32:36, Isay 63:7, IsiL 3:32, Jow 2:13
b Ezr 9:9
c Hu 79:9
d Jer 32:37

Uhla 2
a 1Kr 16:35
b 1Kr 29:10, Hu 41:13, Luk 1:68

## INCWADI YESIHLANU
## (AmaHubo 107–150)

**107** Bongani uJehova, ngoba muhle;[a]
Uthando lwakhe oluqotho luhlala kuze kube phakade.[b]
2 Abakhululwe* nguJehova mabasho kanjalo,
Labo abakhulule esandleni# sesitha,[c]
3 Labo ababuthele ndawonye bevela emazweni,[d]
Empumalanga nasentshonalanga,
Enyakatho naseningizimu.[e]
4 Bazulazula ehlane, ogwadule;
Abayitholanga indlela yokuya edolobheni ababengahlala kulo.
5 Babelambile futhi bomile;
Bephelelwe amandla ngenxa yokukhathala.
6 Babelokhu bekhala kuJehova ekucindezelekeni kwabo;[f]
Wabakhulula osizini lwabo.[g]
7 Wenza ukuba bahambe endleleni efanele[h]
Ukuze bafike edolobheni ababengahlala kulo.[a]
8 Abantu mababonge uJehova[b] ngenxa yothando lwakhe oluqotho
Nangenxa yemisebenzi yakhe emangalisayo ayenzele abantwana babantu.[c]
9 Ngoba umanelisile owomile
Wasuthisa olambile ngezinto ezinhle.[d]
10 Abanye babehlala ebumnyameni,
Iziboshwa zihlupheka, ziboshwe ngezinsimbi.
11 Ngoba babedlubulundile ezwini likaNkulunkulu;
Iseluleko soPhezukonke babesidelelile.[e]
12 Ngakho wathobisa izinhliziyo zabo ngobunzima;[f]
Bakhubeka, kungekho noyedwa ozobasiza.
13 Bacela usizo kuJehova ekucindezelekeni kwabo;
Wabasindisa osizini lwabo.
14 Wabakhipha ebumnyameni,
Wagqashula ngisho namaketanga abo.[g]
15 Abantu mababonge uJehova ngenxa yothando lwakhe oluqotho[h]

107:2 *Noma, "Abahlengwe." #Noma, "emandleni."

ISAHL. 107
a Luk 18:19
b 1Kr 16:34, Hu 103:17
c Isay 35:10, Jer 15:21, Mik 4:10
d Hu 106:47, Jer 29:14
e Isay 43:5, 6, Jer 31:8
f Hos 5:14, 15
g Isay 41:17
h Isay 30:21

Uhla 2
a Neh 11:3
b 1Kr 16:8
c Hu 40:5
d Hu 34:10, Isay 55:2, Luk 1:53
e Hu 106:43, IsiL 3:42
f Lev 26:21
g Hu 68:6, Hu 146:7, Isay 49:8, 9, Isay 61:1
h IsiL 3:22

Nangenxa yemisebenzi yakhe emangalisayo ayenzele abantwana babantu.
16 Ngoba uyiphulile iminyango yethusi
Wasika nemigoqo yensimbi.[a]
17 Babeyiziwula behlupheka[b]
Ngenxa yeziphambeko zabo nezono zabo.[c]
18 Izinhliziyo zabo zazimnyama bengakufuni ukudla;
Basondela emasangweni okufa.
19 Babecela usizo kuJehova ekucindezelekeni kwabo;
Wayebasindisa osizini lwabo.
20 Wayethumela izwi lakhe abaphulukise[d]
Wayebakhulula emigodini ababevaleleke kuyo.
21 Abantu mababambonge uJehova ngenxa yothando lwakhe oluqotho
Nangenxa yemisebenzi yakhe emangalisayo ayenzele abantwana babantu.
22 Mabanikele imihlatshelo yokubonga[e]
Bamemezele imisebenzi yakhe ngokumemeza kwenjabulo.
23 Labo abahamba olwandle ngemikhumbi,
Abahwebelana emanzini amaningi,[f]
24 Bayibonile imisebenzi kaJehova
Nemisebenzi yakhe emangalisayo ekujuleni kolwandle;[g]
25 Indlela akhipha ngayo izwi abangele ukuba kube nesiphepho,[h]
Aphakamise amagagasi olwandle.
26 Bakhuphukela esibhakabhakeni;
Behlele phansi ekujuleni kolwandle.
Bayesaba ngenxa yenhlekelele ezayo.
27 Bayadiyazela bakhubeke njengomuntu odakiwe,
Wonke amakhono abo awasizi ngalutho.[a]
28 Khona-ke bakhala kuJehova ekucindezelekeni kwabo,[b]
Abakhulule osizini lwabo.
29 Uthulisa isivunguvungu;
Amagagasi olwandle ayathula.[c]
30 Bayajabula lapho ethula,
Uyabahola abayise ethekwini* abalithandayo.
31 Abantu mababambonge uJehova ngenxa yothando lwakhe oluqotho
Nangenxa yemisebenzi yakhe emangalisayo ayenzele abantwana babantu.[d]
32 Mabamdumise ezixukwini ezibuthene,[e]
Mabamdumise lapho kuhlangene* khona amadoda amadala.
33 Uphendula imifula ibe ugwadule
Neziphethu zamanzi zibe umhlabathi owomile,[f]
34 Izwe elivundile libe yizwe elinosawoti elingatheli,[g]
Ngenxa yobubi balabo abahlala kulo.
35 Uphendula ugwadule lube amachibi amanzi anomhlanga,
Nezwe elomile libe yiziphethu zamanzi.[h]
36 Ubangela abalambile ukuba bahlale kulo,[i]
Ukuze bakhe idolobha abazohlala kulo.[j]

ISAHL. 107
a Isay 45:1, 2
b Jer 2:19
c IsiL 3:39
d Hu 147:3
e Lev 7:12; Hu 50:14
f 2Kr 9:21; Hez 27:9
g Gen 1:21; Hu 104:25
h Hu 135:7; Jer 10:13; Jon 1:4

Uhla 2
a Jon 1:4, 13
b Jon 1:14
c Hu 65:7; Hu 89:9; Jon 1:15
d Hu 105:5
e Hu 111:1
f 1Kh 17:1, 7; Isay 42:15; Amo 4:7
g Gen 13:10; Dut 29:22, 23
h 2Kh 3:17; Isay 35:7; Isay 41:18
i Hu 146:7; Luk 1:53
j Hu 107:7

107:30 *Noma, "esikhumulweni semikhumbi." 107:32 *NgesiHebheru, "kuhlala."

37 Balima amasimu batshale
nezihlahla zamagilebhisi[a]
Ezithela inala yezithelo.[b]
38 Uyababusisa bande kakhulu;
Akavumi ukuba izinkomo
zabo zinciphe.[c]
39 Kodwa bayaphinda babe
mbalwa bahlazeke
Ngenxa yokucindezelwa,
inhlekelele nosizi.
40 Uthobisa izicukuthwane
Azenze zizulazule ehlane
elingenazindlela.[d]
41 Kodwa uyabavikela* abampofu ekucindezelweni[e]
Andise imindeni yabo ibe
mningi njengomhlambi.
42 Abaqotho bayakubona lokhu bajabule;[f]
Kodwa bonke abangalungile bavala imilomo yabo.[g]
43 Noma ubani ohlakaniphile
uyozibona lezi zinto[h]
Uyocabangisisa ngezenzo
zikaJehova zothando
oluqotho.[i]

Ingoma.
Ihubo likaDavide.

108 Inhliziyo yami igxilile,
Nkulunkulu.
Ngizohlabelela ngayo yonke
inhliziyo yami* ngidlale
nezinsimbi zomculo.[j]
2 Vuka nsimbi yomculo enezintambo; nawe habhu.[k]
Ngizovuka entathakusa.
3 Ngizokudumisa phakathi
kwezizwe Jehova,
Ngizokuhubela izingoma
zokudumisa* phakathi
kwezizwe.
4 Ngoba uthando lwakho oluqotho lukhulu njengokuphakama kwamazulu,[l]
Nokuthembeka kwakho
kufinyelela esibhakabhakeni.
5 Mawuphakanyiswe ngaphezu kwamazulu Nkulunkulu;
Inkazimulo yakho mayibe
ngaphezu kwawo wonke
umhlaba.[a]
6 Ukuze abantu bakho obathandayo bakhululwe,
Sisindise ngesandla sakho
sokudla, ungiphendule.[b]
7 UNkulunkulu ongcwele*
ukhulumile wathi:
"Ngizothokoza, ngizonikela
ngeShekemi[c] libe yifa,
Ngizosikela abantu bami
iSigodi# SaseSukoti.[d]
8 IGileyadi[e] lingelami, njengoba nje noManase
engowami,
U-Efrayimi uyisivikelo
sekhanda* lami;[f]
UJuda uyinduku yami
yomyali.[g]
9 UMowabi uyindishi yami
yokugeza.[h]
Ngizophonsa imbadada
yami phezu kuka-Edomi.[i]
Ngizomemeza ngokunqoba
phezu kweFilistiya."[j]
10 Ngubani ozongiyisa edolobheni elinezivikelo eziqinile?
Ngubani ozongihola ngize
ngifike kwa-Edomi?[k]
11 O Nkulunkulu, akuwena
yini osilahlile,
Nkulunkulu wethu, ongasaphumi namabutho ethu?[l]
12 Sisize ekucindezelekeni
kwethu,[m]
Ngoba insindiso evela kubantu ayisizi ngalutho.[n]

ISAHL. 107
a Isay 65:21
b IzE 14:17
c Dut 7:13, 14
d Job 12:21, 24
e 1Sa 2:8
f Hu 58:10
g Eks 11:7; Hu 63:11
h Hu 64:9; Hos 14:9
i Hu 77:12; Hu 143:5; Jer 9:24

ISAHL. 108
j Hu 57:7-11; Hu 104:33
k Hu 81:2
l Hu 36:5; Hu 103:11

Uhla 2
a Hu 8:1; Hu 57:5, 11
b Hu 20:6; Hu 60:5
c Jos 17:7
d Gen 33:17; Hu 60:6-8
e Jos 13:8, 11
f Dut 33:17
g Gen 49:10
h 2Sa 8:2
i Num 24:18; 2Sa 8:14
j 2Sa 8:1
k Hu 60:9-12
l Dut 23:14
m Hu 18:6
n Hu 118:8; Hu 146:3, 4

**107:41** *Noma, "uyabaphakamisa," okuwukuthi, bangafinyeleleki. **108:1** *NgesiHebheru, "ngisho nangenkazimulo yami." **108:3** *Noma, "Ngizokuculela ngidlale nezinsimbi."

**108:7** *Noma kungaba, "esendaweni yakhe engcwele." #Noma, "iThafa Eliphansi." **108:8** *NgesiHebheru, "uyinqaba."

13 UNkulunkulu uzosinika
amandla,[a]
Uzozinyathela izitha
zethu.[b]

Kumqondisi.
Ihubo likaDavide.

109 O Nkulunkulu
engimkhonzayo,[c]
ungathuli.
2 Ngoba ababi nabakhohlisa-
yo bavula imilomo yabo
ukuze bamelane nami.
Bakhuluma ngami ngolimi
olunamanga;[d]
3 Bangihaqa ngamazwi ane-
nzondo,
Bangihlasela ngaphandle
kwesizathu.[e]
4 Bamelana nami lapho ngi-
babonisa uthando;[f]
Kodwa ngiyaqhubeka ngi-
thandaza.
5 Bangibuyisela okubi ngoku-
hle engikwenzile[g]
Nenzondo ngothando
lwami.[h]
6 Beka umuntu omubi phezu
kwesitha sami;
Kwangathi omelene naso*
angama ngasesandleni
saso sokudla.
7 Lapho sahlulelwa, masitho-
lakale sinecala;*
Kwangathi ngisho nomtha-
ndazo waso ungabhekwa
njengesono.[i]
8 Izinsuku zaso mazibe mba-
lwa;[j]
Isikhundla saso sokuba
umbonisi masithathwe
omunye.[k]
9 Izingane* zaso mazibe yizi-
ntandane,
Nomkaso abe ngumfelo-
kazi.
10 Kwangathi izingane* zaso
zingaphila ngokucela,
Zifune ukudla emakhaya
azo acekeleke phansi.
11 Kwangathi lowo esimkwele-
tayo angathatha zonke
izinto zaso,*
Izihambi maziphange impa-
hla yaso.
12 Makungabi namuntu osibo-
nisa umusa,*
Makungabi namuntu obo-
nisa izintandane zaso
umusa.
13 Inzalo* yaso
mayiqothulwe;[a]
Igama layo malisulwe
esizukulwaneni sayo.
14 Isiphambeko sokhokho
baso masikhunjulwe
nguJehova,[b]
Nesono sikanina kwangathi
singesulwe.
15 Kwangathi uJehova anga-
hlale ekukhumbula aba-
kwenzile;
Kwangathi angakuqeda
ukukhunjulwa kwabo
emhlabeni.[c]
16 Ngoba lo muntu akazange
akhumbule ukubonisa
umusa,*[d]
Kodwa wayelokhu ejaha
umuntu ocindezelekile,[e]
ompofu nodangele
Ukuze ambulale.[f]
17 Wayethanda ukuqalekisa,
ngakho yilokho okwame-
hlela;
Wayengathandi ukubusisa,
ngakho akatholanga sibu-
siso.
18 Wayembethe iziqalekiso
njengengubo yakhe.
Zathululelwa emzimbeni
wakhe njengamanzi,

109:6 *Noma, "osisolayo." 109:7 *Noma, "makuthiwe sibi." 109:9 *NgesiHebheru, "Amadodana." 109:10 *NgesiHebheru, "amadodana."

109:11 *Noma, "Otshelekisa ngenzalo eyeqile makabekele konke esinako izicupho." 109:12, 16 *Noma, "uthando oluqotho." 109:13 *Noma, "Isizukulwane."

ISAHL. 108
a 1Sa 2:4
2Sa 22:40
Isay 40:29-31
b Hu 44:5

ISAHL. 109
c Hu 33:1
d 2Sa 15:2, 3
Hu 31:18
e 2Sa 15:12
2Sa 16:5-7
Hu 69:4
f 2Sa 13:39
g Hu 35:11, 12
Hu 38:19, 20
h Hu 55:12-14
i Isay 1:15
Mik 3:4
j Hu 55:23
Mat 27:5
k IzE 1:16-20

Uhla 2
a Hu 37:28
b 2Sa 3:28, 29
2Sa 21:1
c Hu 34:16
d Jak 2:13
e Hu 10:2
f 2Sa 16:11
2Sa 17:1, 2
Hu 37:32

Nasemathanjeni akhe nje-
ngamafutha.
**19** Kwangathi iziqalekiso za-
khe zingaba njengengubo
azisonga ngayo[a]
Nanjengebhande ahlala ezi-
bophe ngalo.
**20** Lena yinkokhelo evela ku-
Jehova yalowo omelana
nami[b]
Neyalabo abakhuluma oku-
bi ngami.
**21** Kodwa wena Jehova Nkosi
EnguMbusi,
Ngisize ngenxa yegama la-
kho.[c]
Ngikhulule, ngoba uthando
lwakho oluqotho luhle.[d]
**22** Ngoba ngihluphekile futhi
ngimpofu,[e]
Nenhliziyo yami ihlatshiwe
ngaphakathi kimi.[f]
**23** Ngidlula njengethunzi eli-
shabalalayo;
Ngithuntuthwe njengente-
the.
**24** Amadolo ami ayaxega nge-
nxa yokuzila ukudla;
Ngizace ngiphelile.*
**25** Ngibe yinto yokuklolo-
delwa.[g]
Uma bengibona, banikina
amakhanda.[h]
**26** O Jehova Nkulunkulu
wami, ngisize;
Ngisindise ngothando
lwakho oluqotho.
**27** Kwangathi bangazi ukuthi
lokhu kungenxa yesandla
sakho;
Ukuthi wena Jehova,
ukwenzile.
**28** Bona mabaqalekise, kodwa
kwangathi wena ungabu-
sisa.
Lapho besukuma ukuze ba-
melane nami, kwangathi
bangahlazeka,

---

**109:24** * NgesiHebheru, "Nenyama yami yondile, ayinawo amafutha."

**ISAHL. 109**
a Hu 109:29
b 2Sa 17:23
c Hu 25:11
Hu 31:3
d Hu 36:7
Hu 69:16
Hu 86:5
e Hu 40:17
f Hu 102:4
g Hu 31:11
h Hu 22:7
Mat 27:39

**Uhla 2**
a Hu 35:26
b Hu 22:22

**ISAHL. 110**
c Rom 8:34
Efe 1:20
Heb 8:1
Heb 12:2
d Mat 22:43, 44
Mar 12:36
Luk 20:42, 43
IzE 2:34, 35
1Ko 15:25
Heb 1:3, 13
Heb 10:12, 13
e Hu 2:8, 9
Hu 45:4, 5
Mat 28:18
IsA 6:2
IsA 12:5
IsA 19:11, 15
f Heb 7:21, 28
g Gen 14:18
Heb 5:5, 6
Heb 6:19, 20
Heb 7:3, 11

Kodwa inceku yakho mayi-
jabule.
**29** Labo abamelana nami ma-
bembathe ukululazeka;
Mabasongwe ngamahloni
njengokungathi ngejazi.*[a]
**30** Ngizomdumisa kakhulu
uJehova ngomlomo
wami;
Ngizomdumisa phambi
kwabantu abaningi.[b]
**31** Ngoba uyokuma ngasesa-
ndleni sokudla sompofu,
Ukuze amsindise kulabo
abamlahla ngecala.

Ihubo likaDavide.

**110** UJehova wathi
eNkosini yami:
"Hlala ngakwesokudla
sami[c]
Ngize ngibeke izitha zakho
ngaphansi kwezinyawo
zakho."*[d]
**2** UJehova uyothumela into-
nga yamandla akho ivela
eZiyoni, ethi:
"Nqoba phakathi kwezitha
zakho."[e]
**3** Abantu bakho bayozinikela
ngokuzithandela ngosuku
lwempi yakho.*
Iqembu lakho lezinsizwa
linjengamaconsi amazolo
entathakusa
Lingcwele futhi liyakhazi-
mula ngokubukeka.
**4** UJehova ufungile futhi
ngeke awushintshe umqo-
ndo,* wathi:
"Wena ungumpristi kuze
kube phakade[f]
Ngokwendlela kaMelkhize-
deki!"[g]

---

**109:29** * Noma, "ngejazi elingenamikhono." **110:1** * Noma, "zibe yisenabelo sezinyawo zakho." **110:3** * Noma, "ngosuku ibutho lempi yakho eliyohlasela ngalo." **110:4** * Noma, "ngeke azisole."

5 UJehova uyoba ngasesa-
ndleni sakho sokudla;[a]
Uyophihliza amakhosi ngo-
suku lwentukuthelo ya-
khe.[b]
6 Uyokhipha isahlulelo ngo-
kumelene* nezizwe;[c]
Uyogcwalisa izwe ngezidu-
mbu.[d]
Uyophihliza inhloko# yom-
hlaba wonke.△
7 Iyophuza* emfudlaneni
ogudla umgwaqo.
Ngenxa yalokho, iyolipha-
kamisela phezulu ikhanda
layo.

**111** Dumisani uJah!*[e]

א [*Aleph*]

Ngizomdumisa uJehova
ngayo yonke inhliziyo
yami[f]

ב [*Beth*]

Eqenjini elihlangene laba-
qotho nasebandleni.

ג [*Gimel*]

2 Imisebenzi kaJehova mi-
khulu;[g]

ד [*Daleth*]

Ihlolwa yibo bonke abayija-
bulelayo.[h]

ה [*He*]

3 Umsebenzi wakhe uyakha-
zimula futhi uyamanga-
lisa,

ו [*Waw*]

Nokulunga kwakhe kuhlala
phakade.[i]

ז [*Zayin*]

4 Wenza ukuba imisebenzi
yakhe emangalisayo ikhu-
njulwe.[j]

ח [*Heth*]

UJehova unozwela*
nesihe.[a]

ט [*Teth*]

5 Unika labo abamesabayo
ukudla.[b]

י [*Yod*]

Ukhumbula isivumelwano
sakhe kuze kube pha-
kade.[c]

כ [*Kaph*]

6 Ubonise abantu bakhe ama-
ndla akhe ngemisebenzi
yakhe

ל [*Lamed*]

Ngokubanika ifa lezizwe.[d]

מ [*Mem*]

7 Imisebenzi yezandla zakhe
ineqiniso nobulungisa;[e]

נ [*Nun*]

Yonke imiyalo yakhe ithe-
mbekile.[f]

ס [*Samekh*]

8 Ihlale ithembekile* manje
naphakade;

ע [*Ayin*]

Yenziwe ngeqiniso nango-
kulunga.[g]

פ [*Pe*]

9 Ukhulule abantu bakhe.[h]

צ [*Tsade*]

Uyale ukuba isivumelwano
sakhe sihlale kuze kube
phakade.

ק [*Qoph*]

Igama lakhe lingcwele futhi
liyamangalisa.[i]

ר [*Resh*]

10 Ukwesaba uJehova kuwu-
kuqala kokuhlakanipha.[j]

ש [*Sin*]

Bonke abagcina imiyalo ya-
khe* babonisa ukuqonda.[k]

ת [*Taw*]

Udumo lwakhe luhlala kuze
kube phakade.

**ISAHL. 110**
a Hu 16:8
b Hu 2:2; Rom 2:5; IsA 11:18; IsA 19:19
c Hu 79:6
d Jer 25:31-33

**ISAHL. 111**
e Hu 68:4; Hu 113:1; IsA 19:1
f Hu 9:1
g Hu 98:1; Hu 139:14; IsA 15:3
h Hu 77:12; Hu 143:5
i Hu 103:17
j Dut 31:19; Jos 4:5-7

**Uhla 2**
a Eks 34:6; Jak 5:11
b Hu 37:25; Mat 6:33
c Hu 89:34; Hu 105:8
d Hu 44:2; Hu 105:44
e Dut 32:4
f Hu 19:8; Isay 55:10, 11
g Hu 19:9
h Eks 15:13; Luk 1:68; IsA 7:10
i Hu 89:7; Isay 6:2, 3; Luk 1:49; IsA 4:8
j Job 28:28; IzA 1:7; Shu 12:13
k Dut 4:6; Jos 1:7, 8; 1Kh 2:3; Hu 119:100; 2Ti 3:14, 15

**110:6** *Noma, "phakathi." #NgesiHebheru, "umholi." △Noma, "yezwe elikhulu." **110:7** *Kubhekiselwa "eNkosini" okukhulunywe ngayo evesini lokuqala. **111:1** *Noma, "Haleluya!" Elithi "Jah" liyisifushaniso segama elithi Jehova.

**111:4** *Noma, "unomusa." **111:8** *Noma, "Isekelwe kahle." **111:10** *NgiseHebheru, "abayigcinayo."

# 112

Dumisani uJah!*[a]

א [*Aleph*]
Uyajabula umuntu owesaba
uJehova,[b]
ב [*Beth*]
Oyijabulela kakhulu imiya-
lo yakhe.[c]
ג [*Gimel*]
2 Inzalo yakhe iyoba nama-
ndla emhlabeni,
ד [*Daleth*]
Isizukulwane sabaqotho
siyobusiswa.[d]
ה [*He*]
3 Ingcebo nomnotho
kusendlini yakhe,
ו [*Waw*]
Uyohlala elungile kuze
kube phakade.
ז [*Zayin*]
4 Kwabaqotho ukhanya nje-
ngesibani ebumnyameni.[e]
ח [*Heth*]
Unozwela* nesihe[f] futhi
ulungile.
ט [*Teth*]
5 Kumhambela kahle umuntu
obolekisa ngomusa.[g]
י [*Yod*]
Usingatha izindaba zakhe
ngobulungisa.
כ [*Kaph*]
6 Ngeke nanini antengante-
ngiswe.[h]
ל [*Lamed*]
Olungile uyokhunjulwa
kuze kube phakade.[i]
מ [*Mem*]
7 Ngeke azesabe izindaba
ezimbi.[j]
נ [*Nun*]
Inhliziyo yakhe igxilile,
uthembela kuJehova.[k]
ס [*Samekh*]
8 Inhliziyo yakhe ayinaku-
nyakaziswa;* akesabi;[l]
ע [*Ayin*]
Ekugcineni uyobona lapho
izitha zakhe zinqotshwa.[a]
פ [*Pe*]
9 Uyaphana;* ubanikile
abampofu.[b]
צ [*Tsade*]
Ukulunga kwakhe kuhlala
kuze kube phakade.[c]
ק [*Qoph*]
Amandla akhe# ayophaka-
nyiswa ngenkazimulo.
ר [*Resh*]
10 Omubi uyokubona lokhu
acasuke.
ש [*Shin*]
Uyogedla amazinyo akhe,
ashabalale.
ת [*Taw*]
Izifiso zomubi ziyoshaba-
lala.[d]

# 113

Dumisani uJah!*
Mdumiseni nina
zinceku zikaJehova,
Dumisani igama
likaJehova.
2 Kwangathi igama likaJeho-
va lingadunyiswa
Kusukela manje kuze kube
phakade.[e]
3 Kusukela ekuphumeni kwe-
langa kuze kube sekusho-
neni kwalo,
Igama likaJehova malidu-
nyiswe.[f]
4 UJehova uphakeme nga-
phezu kwazo zonke
izizwe;[g]
Ukhazimula kakhulu kuna-
mazulu.[h]
5 Ubani onjengoJehova
uNkulunkulu wethu,[i]
Lowo ohlala* endaweni
ephakeme?
6 Uyagoba ukuze abuke ezu-
lwini nasemhlabeni,[j]

**ISAHL. 112**
*a* Eks 15:2; IsA 19:1
*b* Hu 111:10
*c* Hu 1:1, 2; Hu 40:8
*d* Hu 25:12, 13; Hu 37:25, 26
*e* Hu 97:11; 1Pe 2:9
*f* Luk 6:36; Efe 4:32
*g* Dut 15:7, 8; Hu 41:1; IzA 19:17; Luk 6:34, 35; IzE 20:35; Heb 13:16
*h* Hu 15:5; Hu 125:1
*i* Neh 5:19; IzA 10:7
*j* Hu 27:1; IzA 3:25
*k* Hu 62:8; Isay 26:3
*l* IzA 28:1

**Uhla 2**
*a* Hu 59:10
*b* Dut 15:11; IzA 11:24; IzA 19:17
*c* Dut 24:12, 13; 2Ko 9:9; Heb 6:10
*d* IzA 11:7

**ISAHL. 113**
*e* 1Kr 16:36; 1Kr 29:10; Hu 106:48
*f* Hu 72:19; Hu 86:9; Isay 59:19; Mal 1:11
*g* Hu 97:9; Hu 99:2
*h* 1Kh 8:27
*i* Eks 15:11
*j* Hu 18:35; Hu 138:6; Isay 57:15; Isay 66:2

**112:1; 113:1** *Noma, “Haleluya!” Elithi “Jah” liyisifushaniso segama elithi Jehova. **112:4** *Noma, “Unomusa.” **112:8** *Noma, “ayiguquki; igxilile.”
**112:9** *Noma, “Wabile kabanzi.” #NgesiHebheru, “Uphondo lwakhe.” **113:5** *Noma, “ohlezi esihlalweni sobukhosi.”

7 Aphakamise ophansi
othulini.
Uphakamisa ompofu endu-
ndumeni yomlotha*[a]
8 Ukuze amenze ahlale kanye
nezicukuthwane,
Nezicukuthwane zabantu
bakhe.
9 Unika owesifazane oyinyu-
mba ikhaya
Abe ngumama wezingane*
ojabulayo.[b]
Dumisani uJah!#

114 Lapho u-Israyeli ephu-
ma eGibhithe,[c]
Indlu kaJakobe iphuma ku-
bantu abakhuluma olunye
ulimi,
2 UJuda waba yindawo
yaKhe engcwele,
U-Israyeli waba ngumbuso
waKhe.[d]
3 Ulwandle lwakubona lokhu
lwabaleka;[e]
IJordani labuyela emuva.[f]
4 Izintaba zatshakadula
njengezinqama,[g]
Amagquma njengamawu-
ndlu.
5 Lulwandle, yini eyakwenza
wabaleka?[h]
Kungani Jordani wabuyela
emuva?[i]
6 Zintaba, kungani nitshaka-
dula njengezinqama,
Nani magquma, njengama-
wundlu?
7 Thuthumela mhlaba,
ngenxa yeNkosi,
Ngenxa kaNkulunkulu
kaJakobe,[j]
8 Oshintsha idwala libe yichi-
bi lamanzi elinomhlanga,
Idwala eliqinile* libe
yiziphethu zamanzi.[a]

115 Ungayiniki thina,
Jehova, ungayiniki
thina,*
Kodwa nika igama lakho
inkazimulo[b]
Ngenxa yothando lwakho
oluqotho nokwethembeka
kwakho.[c]
2 Kungani izizwe kufanele
zithi:
"Uphi uNkulunkulu
wabo?"[d]
3 UNkulunkulu wethu
usemazulwini;
Wenza noma yini ayitha-
ndayo.
4 Izithixo zabo ziyisiliva
negolide,
Umsebenzi wezandla
zomuntu.[e]
5 Zinomlomo kodwa azikhu-
lumi;[f]
Zinamehlo kodwa aziboni;
6 Zinezindlebe kodwa
azizwa;
Zinamakhala kodwa azi-
kwazi ukuhogela;
7 Zinezandla kodwa azikwazi
ukuthinta;
Zinezinyawo kodwa azikwa-
zi ukuhamba;[g]
Azikwazi ukukhipha izwi
ngomphimbo wazo.[h]
8 Abantu abazenzayo
bayofana nse nazo,[i]
Nabo bonke abathembela
kuzo.[j]
9 O Israyeli, thembela
kuJehova[k]
—Uwusizo lwakho nehawu
lakho.[l]
10 O wena nzalo ka-Aroni,[m]
thembela kuJehova
—Uwusizo lwakho nehawu
lakho.

---

ISAHL. 113
a 1Sa 2:7
b 1Sa 2:5 Isay 54:1

ISAHL. 114
c Eks 12:41
d Eks 6:7 Eks 19:6 Dut 32:9
e Eks 14:21
f Jos 3:16
g Eks 19:18 Hlu 5:4
h Eks 15:8
i Jos 4:23
j 1Kr 16:29, 30

Uhla 2
a Eks 17:6 Num 20:11 Dut 8:14, 15 Hu 107:35

ISAHL. 115
b Isay 48:11 Joh 12:28
c Hu 138:2
d Eks 32:12 Num 14:15, 16 Dut 32:26, 27 Hu 79:10
e Hu 135:15-18 Isay 40:19 Isay 46:6 Jer 10:3, 4 Jer 10:8, 9 IzE 19:26 1Ko 10:19
f Hab 2:19
g 1Sa 5:3 Isay 46:7
h Hab 2:18
i Isay 44:9
j Hu 97:7
k IzA 3:5
l Dut 33:29 Hu 33:20
m Eks 28:1

---

**113:7** *Noma kungaba, "endaweni okuchithwa kuyo udoti." **113:9** *NgesiHeberu, "wamadodana." #Noma, "Haleluya!" Elithi "Jah" liyisifushaniso segama elithi Jehova.

**114:8** *Noma, "lensengetsha." **115:1** *Noma, "Akukho lutho olungolwethu, Jehova, akukho lutho olungolwethu."

11 Nina enesaba uJehova, thembelani kuJehova[a]
—Uwusizo lwenu nehawu lenu.[b]
12 UJehova uyasikhumbula futhi uzosibusisa;
Uzoyibusisa inzalo ka-Israyeli;[c]
Uzoyibusisa inzalo ka-Aroni.
13 Uzobabusisa abesaba uJehova,
Abancane kanye nabakhulu.
14 UJehova uzonandisa,
Nina nezingane* zenu.[d]
15 Kwangathi uJehova anganibusisa,[e]
UMenzi wezulu nomhlaba.[f]
16 Amazulu angakaJehova,[g]
Kodwa umhlaba uwunike abantu.[h]
17 Abafile abamdumisi uJah;[i]
Nanoma yibaphi abehlela egodini.*[j]
18 Kodwa thina sizomdumisa uJah
Kusukela manje kuze kube phakade.
Dumisani uJah!*

**116** Ngiyamthanda uJehova
Ngoba uyalizwa* izwi lami, ukukhalela kwami usizo.[k]
2 Ngoba uyangilalela,*[l]
Ngizombiza uma nje ngisaphila.#
3 Izintambo zokufa zangizungeza;
Ngase ngilengela eGodini.*[a]
Ngangikhungethwe ukucindezeleka nosizi.[b]
4 Kodwa ngabiza igama likaJehova[c] ngathi:
"O Jehova, ngikhulule!"*
5 UJehova unozwela* futhi ulungile;[d]
UNkulunkulu wethu unesihe.[e]
6 UJehova uqapha abangenalwazi.[f]
Ngangithotshisiwe kodwa wangisindisa.
7 Umphefumulo* wami mawuphinde uphumule,
Ngoba uJehova ungiphathe ngomusa.
8 Wena ungikhululile* ekufeni,
Iso lami ezinyembezini, unyawo lwami ekukhubekeni.[g]
9 Ngizohamba phambi kukaJehova ezweni lababaphilayo.
10 Nganginokholo, ngoba ngakhuluma;[h]
Ngangihlupheke kakhulu.
11 Lapho ngethukile ngathi:
"Wonke umuntu ungumqambimanga."[i]
12 Ngizombuyisela ngani uJehova
Ngakho konke okuhle angenzele kona?
13 Ngizothatha indebe yensindiso,*
Ngibize igama likaJehova.
14 Ngizogcwalisa izifungo zami engizenze kuJehova

**115:14** *NgesiHebheru, "namadodana." **115:17** *NgesiHebheru, "ekuthuleni." **115:18** *Noma, "Haleluya!" Elithi "Jah" liyisifushaniso segama elithi Jehova. **116:1** *Noma kungaba, "Ngiyathanda ngoba uJehova uyalizwa." **116:2** *Noma, "uyagoba ukuze angilalele." #NgesiHebheru, "zonke izinsuku zami."

**116:3** *NgesiHebheru, "Nezimo ezicindezelayo zeShiyoli zangithola." **116:4** *Noma, "khulula umphefumulo wami." **116:5** *Noma, "unomusa." **116:7** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **116:8** *Noma, "ukhulule umphefumulo wami." **116:13** *Noma, "yensindiso enkulu."

ISAHL. 115
a IzA 16:20
b Hu 84:11
c Gen 12:2
d Gen 13:16
e Hu 3:8
f Hu 96:5
g Isay 66:1
h Gen 1:28, Hu 37:29, Isay 45:18, IzE 17:26
i Hu 6:5, Shu 9:5
j Hu 31:17

ISAHL. 116
k Hu 18:6
l Hu 34:15

Uhla 2
a Isay 38:10
b Hu 18:4, Hu 38:6
c Hu 34:6, Rom 10:13
d Dut 32:4
e Eks 34:6, Neh 9:17, Dan 9:9
f Hu 19:7
g Hu 56:13, Hu 94:18
h 2Ko 4:13
i Rom 3:4

Phambi kwabo bonke abantu bakhe.[a]
15 Kuwukulahlekelwa okukhulu* emehlweni kaJehova
Ukufa kwabaqotho bakhe.[b]
16 Ngiyakuncenga Jehova,
Ngoba ngiyinceku yakho.
Ngiyinceku yakho, indodana yencekukazi yakho.
Ungikhululile ezibophweni zami.[c]
17 Ngizonikela kuwe umhlatshelo wokubonga;[d]
Ngizobiza igama likaJehova.
18 Ngizogcwalisa izifungo zami engizenze kuJehova[e]
Phambi kwabo bonke abantu bakhe,[f]
19 Emagcekeni endlu kaJehova,[g]
Phakathi kwakho, Jerusalema.
Dumisani uJah!*[h]

117 Dumisani uJehova, nonke nina zizwe;[i]
Mkhazimuliseni, nonke nina bantu.*[j]
2 Ngoba uthando lwakhe oluqotho asibonisa lona lukhulu;[k]
Ukwethembeka[l] kukaJehova kuhlala kuze kube phakade.[m]
Dumisani uJah!*[n]

118 Bongani uJehova, ngoba muhle;[o]
Uthando lwakhe oluqotho luhlala kuze kube phakade.
2 Manje u-Israyeli makathi:
"Uthando lwakhe oluqotho luhlala kuze kube phakade."
3 Abendlu ka-Aroni mabathi:
"Uthando lwakhe oluqotho luhlala kuze kube phakade."
4 Abesaba uJehova mabathi:
"Uthando lwakhe oluqotho luhlala kuze kube phakade."
5 Ngambiza uJah* lapho ngicindezelekile;
UJah waphendula wangiletha endaweni ephephile.#[a]
6 UJehova ungakimi; ngeke ngesabe.[b]
Umuntu angangenzani?[c]
7 UJehova ungakimi ukuze abe ngumsizi wami;*[d]
Ngiyobuka lapho abangizondayo benqotshwa.[e]
8 Kungcono ukuphephela kuJehova
Kunokuthembela kubantu.[f]
9 Kungcono ukuphephela kuJehova
Kunokuthembela ezikhulwini.[g]
10 Zonke izizwe zangizungeza,
Kodwa ngegama likaJehova,
Ngazixosha.[h]
11 Zangizungeza, yebo, zazingizungeze nxazonke,
Kodwa ngegama likaJehova,
Ngazixosha.
12 Zangizungeza njengezinyosi,
Kodwa zacinywa ngokushesha njengomlilo wezihlahla zameva.
Ngegama likaJehova,
Ngazixosha.[i]
13 Ngasunduzwa kakhulu* ukuze ngiwe,

---

**116:15** *NgesiHebheru, "Kuyigugu." **116:19; 117:2** *Noma, "Haleluya!" Elithi "Jah" liyisifushaniso segama elithi Jehova. **117:1** *Noma, "mindeni."

**118:5** *Elithi "Jah" liyisifushaniso segama elithi Jehova. #Noma, "evulekile." **118:7** *Noma kungaba, "kanye nalabo abangisizayo." **118:13** *Noma kungaba, "Wangisunduza kakhulu."

---

ISAHL. 116
a Hu 22:25; Jon 2:9
b 1Sa 25:29; Job 1:12; Hu 91:14; Zak 2:8; 2Pe 2:9
c Hu 107:14
d Lev 7:12; Hu 50:23
e Hu 22:25; Hu 76:11
f Hu 116:14
g Hu 96:8
h IsA 19:1

ISAHL. 117
i IsA 7:9, 10
j Rom 15:11
k IsiL 3:22
l Hu 25:10; Hu 91:4
m Hu 100:5
n Hu 111:1

ISAHL. 118
o Mat 19:17

Uhla 2
a Hu 18:19
b Hu 27:1
c Isay 51:12; Rom 8:31; Heb 13:6
d Mat 26:52, 53
e Hu 54:7
f Hu 40:4; Hu 146:3, 4; Jer 17:5
g Hez 29:6, 7
h 2Kr 20:15, 17
i 2Kr 14:11

Kodwa uJehova wangi-
siza.
14 UJah uyisikhoselo sami
namandla ami,
Usebe yinsindiso yami.[a]
15 Umsindo wokujabula ne-
nsindiso*
Usematendeni abalungile.
Isandla sokudla sikaJe-
hova sibonisa amandla
aso.[b]
16 Isandla sokudla sikaJeho-
va siyaziphakamisa;
Isandla sokudla sikaJe-
hova sibonisa amandla
aso.[c]
17 Ngeke ngife, cha, ngizo-
phila,
Ukuze ngimemezele imise-
benzi kaJah.[d]
18 UJah wangijezisa kanzi-
ma,[e]
Kodwa akazange anginike-
le ekufeni.[f]
19 Ngivuleleni amasango
okulunga;[g]
Ngizongena ngawo ngidu-
mise uJah.
20 Leli yisango likaJehova.
Abalungile bazongena
ngalo.[h]
21 Ngizokudumisa, ngoba
wangiphendula[i]
Waba yinsindiso yami.
22 Itshe elenqatshwa abakhi
Selibe yitshe legumbi*
eliyinhloko.[j]
23 Livele kuJehova;[k]
Liyamangalisa emehlweni
ethu.[l]
24 Lolu usuku uJehova alwe-
nzile;
Sizojabula sithokoze
ngalo.
25 Jehova, sicela usisindise,
siyakunxusa!
Jehova, sicela usisize
sinqobe!

118:15 *Noma, "nokunqoba." 118:22 *NgesiHebheru, "lasekhoneni."

ISAHL. 118
a Eks 15:2 Hu 18:2 Isay 12:2
b Hu 89:13 Isay 63:12
c Eks 15:6 Isay 40:26
d Hu 6:5 Hu 71:17
e Hu 66:10 Hu 94:12
f Hu 16:10
g Isay 26:2 IsA 22:14
h Hu 24:3, 4
i Hu 116:1
j Isay 28:16 Luk 20:17 IzE 4:11 1Ko 3:11 Efe 2:19, 20 1Pe 2:4-7
k IzE 5:31
l Mar 12:10, 11

Uhla 2
a Mat 21:7-9 Mat 23:39 Mar 11:7-10 Luk 19:37, 38
b Hu 18:28 1Pe 2:9
c Lev 23:34 Hu 42:4
d Eks 27:2
e Eks 15:2 Isay 25:1
f Hu 50:23
g Ezr 3:11 Hu 118:1

ISAHL. 119
h 2Kh 20:3 Jak 1:25
i Hu 19:7
j 2Kr 31:20, 21
k Isay 38:3
l Dut 5:33 Jer 7:23 Jak 2:10
m Hu 51:10
n Hu 119:80

26 Ubusisiwe lowo oza nge-
gama likaJehova;[a]
Siyanibusisa sisendlini ka-
Jehova.
27 UJehova unguNkulu-
nkulu;
Usinika ukukhanya.[b]
Ngenani odwendweni lom-
khosi niphethe amaga-
tsha ngesandla,[c]
Nize nifike ezimpondweni
ze-altare.[d]
28 Wena unguNkulunkulu
wami, ngizokudumisa;
Nkulunkulu wami, ngizo-
kuphakamisa.[e]
29 Bongani uJehova,[f] ngoba
muhle;
Uthando lwakhe oluqotho
luhlala kuze kube pha-
kade.[g]

א [*Aleph*]

**119** Bayajabula abangaso-
leki* endleleni yabo,
Abahamba ngomthetho
kaJehova.[h]
2 Bayajabula abagcina izi-
khumbuzo zakhe,[i]
Abamfuna ngayo yonke
inhliziyo yabo.[j]
3 Abakwenzi ukungalungi;
Bahamba ngezindlela
zakhe.[k]
4 Wena uyale ukuba
Imiyalo yakho igcinwe
ngokucophelela.[l]
5 Ukube nje bengiyohlala
ngigxilile*[m]
Ukuze ngigcine iziqondiso
zakho!
6 Khona-ke bengingeke
ngihlazeke[n]
Lapho ngihlola yonke
imiyalo yakho.
7 Ngizokudumisa ngenhlizi-
yo eqotho

119:1 *Noma, "abagcina ubuqotho." 119:5 *NgesiHebheru, "O ukube izindlela zami bezimi ziqinile."

Lapho ngifunda izahlulelo
zakho ezilungile.
8 Ngizozigcina iziqondiso
zakho.
Mawungangishiyi ngokuphelele.

ב [*Beth*]

9 Insizwa ingayigcina kanjani indlela yayo ihlanzekile?
Ngokuhlala iqaphile ngokuvumelana nezwi lakho.[a]
10 Ngikufuna ngenhliziyo yami yonke.
Ungangivumeli ngiphambuke emiyalweni yakho.[b]
11 Ngiyalilonda izwi lakho enhliziyweni yami[c]
Ukuze ngingoni kuwe.[d]
12 O Jehova, kwangathi ungadunyiswa;
Ngifundise iziqondiso zakho.
13 Ngimemezela ngezindebe zami
Zonke izahlulelo ozikhiphile.
14 Ngiyajabula ngezikhumbuzo zakho[e]
Ukwedlula zonke ezinye izinto zenani elikhulu.[f]
15 Ngizozindla* ngemiyalo yakho[g]
Ngigcine amehlo ami esezindleleni zakho.[h]
16 Ngiyayithanda imithetho yakho.
Ngeke ngilikhohlwe izwi lakho.[i]

ג [*Gimel*]

17 Yiphathe ngomusa inceku yakho,
Ukuze ngiphile, ngigcine izwi lakho.[j]
18 Vula amehlo ami ukuze ngizibone kahle
Izinto ezimangalisayo ezisemthethweni wakho.
19 Ngiyisifiki nje ezweni.[a]
Ungangifihleli imiyalo yakho.
20 Ngiyafa ukulangazelela*
Izahlulelo zakho ngaso sonke isikhathi.
21 Uyabakhuza abagabadelayo
Abaqalekisiwe, labo abaphambukayo emiyalweni yakho.[b]
22 Susa kimi* ukwedelelwa nokweyiswa,
Ngoba ngizigcinile izikhumbuzo zakho.
23 Ngisho nalapho izikhulu zihlala ndawonye zikhulume ngokumelene nami,
Inceku yakho izindla* ngeziqondiso zakho.
24 Ngiyazithanda izikhumbuzo zakho;[c]
Ziyangeluleka.[d]

ד [*Daleth*]

25 Ngilele* othulini.[e]
Ngilonde ngokwesithembiso sakho.[f]
26 Ngikutshelile ngezindlela zami wangiphendula;
Ngifundise iziqondiso zakho.[g]
27 Ngenze ngikuqonde okushiwo yimiyalo* yakho,
Ukuze ngizindle# ngemisebenzi yakho emangalisayo.[h]
28 Bengiqwashile ngenxa yosizi.
Ngiqinise ngokwesithembiso sakho.

**119:15** *Noma, "Ngizofunda."

**119:20** *Noma, "Umphefumulo wami ulangazelela." **119:22** *NgesiHebheru, "Gingqa, ususe kimi." **119:23** *Noma, "ifunda." **119:25** *Noma, "Umphefumulo wami ulele." **119:27** *NgesiHebheru, "ngiqonde indlela yemiyalo." #Noma, "ngifunde."

**ISAHL. 119**
a IzA 6:20, 22
b Hu 25:5
c Hu 112:1
d Hu 19:13; Hu 37:31
e Jer 15:16
f Hu 19:8, 10; Hu 119:72
g Hu 119:93; Hu 119:100
h Hu 25:10
i Jak 1:23-25
j Isay 38:20

**Uhla 2**
a 1Kr 29:15
b Dut 28:15
c Hu 119:14; Hu 119:168
d Dut 17:18-20; Hu 119:105; 2Ti 3:16, 17
e Hu 22:15
f Hu 119:154; Hu 143:11
g Hu 86:11
h Hu 145:5

29 Susa kimi indlela yokukhohlisa,[a]
Ungibonise umusa ngomthetho wakho.
30 Ngikhethe indlela yokwethembeka.[b]
Ngiyaqaphela ukuthi izahlulelo zakho zilungile.
31 Ngibambelele ezikhumbuzweni zakho.[c]
O Jehova, ungangivumeli ngidumazeke.*[d]
32 Ngizoyifuna ngokulangazela indlela* yemiyalo yakho
Ngoba uyenzela indawo enhliziyweni yami.#

ה [*He*]

33 O Jehova, ngifundise[e] indlela yeziqondiso zakho,
Ngizohamba kuyo kuze kube sekugcineni.[f]
34 Ngiphe ukuqonda,
Ukuze ngigcine umthetho wakho
Ngiwugcine ngenhliziyo yami yonke.
35 Ngihole* endleleni yemiyalo yakho,[g]
Ngoba ngiyajabula ngayo.
36 Yenza inhliziyo yami ithande izikhumbuzo zakho,
Hhayi ukuhaha.*[h]
37 Yenza ukuba amehlo ami angakuboni okungenanzuzo;[i]
Ngilonde endleleni yakho.
38 Gcwalisa isithembiso sakho owasenza* encekwini yakho,
Ukuze wesatshwe.#
39 Susa ihlazo engilesabayo,
Ngoba izahlulelo zakho zinhle.[a]
40 Bheka ukuthi ngiyilangazelela kanjani imiyalo yakho.
Ngilonde ngokulunga kwakho.

ו [*Waw*]

41 Kwangathi ngingathola uthando lwakho oluqotho, Jehova,[b]
Insindiso yakho ngokuvumelana nesithembiso sakho;*[c]
42 Khona-ke ngiyomphendula ongiklolodelayo,
Ngoba ngithembele ezwini lakho.
43 Ungalisusi ngokuphelele izwi leqiniso emlonyeni wami,
Ngoba ngithembele esahlulelweni* sakho.
44 Ngizowugcina njalo umthetho wakho,
Kuze kube phakade naphakade.[d]
45 Ngizohambahamba endaweni ephephile,*[e]
Ngoba ngifuna imiyalo yakho.
46 Ngizokhuluma ngezikhumbuzo zakho phambi kwamakhosi,
Ngeke ngibe namahloni.[f]
47 Ngiyayithanda imiyalo yakho,
Yebo, ngiyayithanda.[g]
48 Ngizophakamisa izandla zami ngithandaze ngenxa yokuthi ngiyayithanda imiyalo yakho,[h]
Ngizozindla* ngeziqondiso zakho.[i]

---

**119:31** *Noma, "ngihlazeke." **119:32** *NgesiHebheru, "Ngizogijima endleleni." #Noma kungaba, "wenza inhliziyo yami izethembe." **119:35** *Noma, "Ngihambise." **119:36** *Noma, "inzuzo." **119:38** *Noma, "izwi lakho owalisho." #Noma kungaba, "Esenziwa kulabo abakwesabayo."

**119:41** *Noma, "nezwi lakho." **119:43** *Noma, "ngilindele isahlulelo." **119:45** *Noma, "evulekile." **119:48** *Noma, "Ngizofunda."

ISAHL. 119
a Hu 141:4; IzA 30:8
b Jos 24:15
c Hu 19:7
d Hu 25:20; Hu 119:80
e Isay 48:17; Joh 6:45; Jak 1:5
f Hu 119:112
g Hu 23:3
h Luk 12:15; 1Ti 6:10; Heb 13:5
i Num 15:39; IzA 4:25; IzA 23:4, 5

Uhla 2
a Hu 19:9; Hu 119:75
b Hu 51:1; Hu 90:14
c Hu 119:76
d Hu 119:33
e Hu 118:5
f Rom 1:16
g Job 23:12; Hu 119:174; Rom 7:22
h Hu 119:127
i Hu 119:23; Hu 119:71

ז [*Zayin*]

49 Khumbula izwi owalisho*
encekwini yakho,
Elinginika ithemba.#
50 Lena yinduduzo yami eku-
hluphekeni kwami,[a]
Ngoba izwi lakho lingilo-
ndile.
51 Abagabadelayo bangihle-
ka usulu ngokuphelele,
Kodwa angiphambuki
emthethweni wakho.[b]
52 O Jehova, ngiyazikhu-
mbula izahlulelo zakho
zakudala,[c]
Ziyangiduduza.[d]
53 Ngigcwele intukuthelo
evuthayo ngenxa yababi,
Abashiya umthetho
wakho.[e]
54 Iziqondiso zakho ziyizi-
ngoma kimi
Nomaphi lapho ngihlala
khona.*
55 O Jehova, ebusuku ngi-
yalikhumbula igama
lakho,[f]
Ukuze ngigcine umthetho
wakho.
56 Lokhu bengilokhu ngi-
kwenza
Ngoba ngiyigcinile imiyalo
yakho.

ח [*Heth*]

57 UJehova uyifa lami;[g]
Ngenze isithembiso soku-
gcina amazwi akho.[h]
58 Ngikuncenga* ngayo yo-
nke inhliziyo yami;[i]
Ngibonise umusa[j] ngokwe-
sithembiso sakho.#
59 Ngizihlolile izindlela
zami,
Ukuze ngiphinde ngila-
ndele izikhumbuzo za-
kho.[a]
60 Ngiyashesha, angilibali
Ukugcina imiyalo yakho.[b]
61 Izintambo zababi zingizu-
ngezile,
Kodwa angiwukhohlwa
umthetho wakho.[c]
62 Phakathi kwamabili ngiya-
vuka ukuze ngikubonge[d]
Ngezahlulelo zakho ezilu-
ngile.
63 Ngingumngani wabo bo-
nke abakwesabayo
Nowalabo abagcina imiya-
lo yakho.[e]
64 O Jehova, uthando lwa-
kho oluqotho lugcwele
umhlaba;[f]
Ngifundise iziqondiso
zakho.

ט [*Teth*]

65 O Jehova, uyiphathe
kahle inceku yakho,
Ngokwezwi lakho.
66 Ngifundise ukuqonda
nolwazi,[g]
Ngoba ngithembele emiya-
lweni yakho.
67 Ngaphambi kokuba ngi-
hlupheke, ngangivame
ukuphambuka,*
Kodwa manje ngiyaligcina
izwi lakho.[h]
68 Wena umuhle[i] nemisebe-
nzi yakho mihle.
Ngifundise iziqondiso
zakho.[j]
69 Abagabadelayo bangibhe-
ca ngamanga,
Kodwa mina ngigcina imi-
yalo yakho ngayo yonke
inhliziyo yami.
70 Izinhliziyo zabo azisa-
zweli,*[k]

---

**119:49** *Noma, "isithembiso owasenza." #Noma, "Ongenze ngalilindela." **119:54** *Noma, "Endlini engihlala kuyo njengesihambi." **119:58** *Noma, "Ngithambisa ubuso bakho (ngifuna ukumomotheka kobuso bakho)." #Noma, "ngokwezwi lakho."

**119:67** *Noma, "ngangona ngephutha." **119:70** *NgesiHebheru, "azizwa lutho njengamafutha."

---

**ISAHL. 119**

*a* Hu 94:19; Rom 15:4
*b* Hu 119:157
*c* Num 16:5; Dut 1:35, 36; Dut 4:3
*d* Rom 15:4
*e* Hu 119:158; Hu 139:21; IzA 28:4
*f* Hu 63:6; Isay 26:9
*g* Hu 16:5
*h* Eks 19:8
*i* Hu 51:17
*j* Hu 57:1

**Uhla 2**

*a* Hu 119:101; Efe 5:15
*b* 2Kr 29:1, 3
*c* 1Sa 26:8, 9; 2Kr 29:1, 2
*d* Hu 42:8
*e* IzA 13:20
*f* Hu 33:5; Hu 104:13
*g* 1Kh 3:9; Hu 94:10; Dan 2:21; Flp 1:9
*h* Hu 119:11
*i* Hu 86:5; Mar 10:18
*j* Isay 48:17
*k* Isay 6:10

Kodwa mina ngiyawuthanda umthetho wakho.[a]
71 Kuhle ukuthi ngihlushiwe,[b]
Ukuze ngifunde iziqondiso zakho.
72 Umthetho owubekile muhle kimi,[c]
Wedlula izinkulungwane zezinhlamvu zegolide nezesiliva.[d]

י [*Yod*]

73 Izandla zakho zingenzile, zangibumba.
Ngiphe ukuqonda,
Ukuze ngifunde imiyalo yakho.[e]
74 Labo abakwesabayo bayangibona bajabule,
Ngoba ngithembele ezwini* lakho.[f]
75 O Jehova, ngiyazi ukuthi izahlulelo zakho zilungile[g]
Nokuthi ungijezisile ngenxa yokwethembeka kwakho.[h]
76 Ngiyacela, kwangathi uthando lwakho oluqotho[i] lungangiduduza,
Ngokwesithembiso owasenza* encekwini yakho.
77 Ngibonise isihe, ukuze ngiqhubeke ngiphila,[j]
Ngoba ngiyawuthanda umthetho wakho.[k]
78 Kwangathi abagabadelayo bangahlazeka,
Ngoba bangona ngaphandle kwesizathu.*
Kodwa mina ngizozindla# ngemiyalo yakho.[l]
79 Labo abakwesabayo mababuyele kimi,
Labo abazaziyo izikhumbuzo zakho.
80 Inhliziyo yami mayingabi naphutha ekulandeleni iziqondiso zakho,[a]
Ukuze ngingahlazeki.[b]

כ [*Kaph*]

81 Ngilangazelela insindiso yakho,[c]
Ngoba ngithembele ezwini* lakho.
82 Amehlo ami alangazelela izwi lakho[d]
Kuyilapho ngithi: "Uyongiduduza nini?"[e]
83 Ngoba nginjengesigubhu sesikhumba esilenga entuthwini,
Kodwa angizikhohlwa iziqondiso zakho.[f]
84 Inceku yakho kumele ilinde izinsuku ezingaki?
Uyosiletha nini isahlulelo kulabo abangishushisayo?[g]
85 Abagabadelayo bangimbela imigodi,
Labo abaphikisana nomthetho wakho.
86 Yonke imiyalo yakho ithembekile.
Abantu bangishushisa ngaphandle kwesizathu; ngisize![h]
87 Bacishe bangiqothula,
Kodwa angizange ngiyishiye imiyalo yakho.
88 Ngilonde ngenxa yothando lwakho oluqotho,
Ukuze ngigcine izikhumbuzo ozishilo.

ל [*Lamed*]

89 O Jehova, izwi lakho limi emazulwini
Kuze kube phakade.[i]
90 Ukwethembeka kwakho kukuzo zonke izizukulwane.[j]

---

ISAHL. 119
a Hu 40:8; Rom 7:22
b 1Ko 11:32; Heb 12:9-11
c Dut 17:18, 19
d Hu 19:7, 10; IzA 3:13-15
e 1Kr 22:12; Job 32:8
f Hu 119:147
g Hu 119:160
h Dut 32:4; Heb 12:11
i Eks 34:6; Hu 86:5
j Hu 51:1; Hu 103:13; Hu 119:116; Dan 9:18; Luk 1:50
k Rom 7:22
l Hu 119:45

Uhla 2
a 1Kh 8:58
b Hu 119:5, 6; 1Jo 2:28
c Mik 7:7
d Hu 69:3
e Hu 86:17; Hu 102:2
f Hu 119:61; Hu 119:176
g Hu 7:6; IsA 6:9, 10
h Hu 142:6
i Hu 89:2; Hu 119:152
j Dut 7:9

---

**119:74** *Noma, "ngiyalilinda izwi." **119:76** *Noma, "Ngokwezwi lakho owalisho." **119:78** *Noma kungaba, "ngamanga." #Noma, "ngizofunda."

**119:81** *Noma, "ngilindela izwi."

Uwumise waqina umhlaba, ukuze uqhubeke umile.[a]

91 Ngenxa yezahlulelo zakho kumile* kuze kube namuhla,
Ngoba konke kuyizinceku zakho.

92 Ukube bengingawuthandi umthetho wakho,
Ngabe ngishabalele ekuhluphekeni kwami.[b]

93 Angisoze ngayikhohlwa imiyalo yakho,
Ngoba ngayo ungilondile.[c]

94 Ngingowakho; ngisindise,[d]
Ngoba ngiyifunile imiyalo yakho.[e]

95 Ababi balinde ukungiqothula,
Kodwa ngiyazinakisisa izikhumbuzo zakho.

96 Ngiwubonile umkhawulo wakho konke ukuphelela,
Kodwa umyalo wakho awunamkhawulo.*

מ [*Mem*]

97 Yeka indlela engiwuthanda ngayo umthetho wakho![f]
Ngizindla* ngawo usuku lonke.[g]

98 Umyalo wakho ungenza ngihlakaniphe kunezitha zami,[h]
Ngoba ungihola njalo.

99 Nginokuqonda kunabo bonke abangifundisayo,[i]
Ngoba ngizindla* ngezikhumbuzo zakho.

100 Ngenza ngokuqonda kakhudlwana kunamadoda amadala,
Ngoba ngigcina imiyalo yakho.

101 Ngeke ngihambe kunoma iyiphi indlela yobubi,[a]
Ukuze ngigcine izwi lakho.

102 Angiphambuki ezahluleleni zakho,
Ngoba wena ungifundisile.

103 Yeka indlela amazwi akho amnandi ngayo olimini lwami,
Adlula uju emlonyeni wami![b]

104 Ngiziphatha ngokuqonda ngenxa yemiyalo yakho.[c]
Yingakho ngizizonda zonke izindlela zamanga.[d]

נ [*Nun*]

105 Izwi lakho liyisibani esiqondisa izinyathelo zami,
Nokukhanya okukhanyisa indlela yami.[e]

106 Ngenze isifungo futhi ngizosifeza,
Ukuze ngigcine izahlulelo zakho ezilungile.

107 Ngihlushwe kakhulu.[f]
O Jehova, ngilonde ngokwezwi lakho.[g]

108 O Jehova, ngicela uyijabulele iminikelo yami yokuzithandela yokudumisa,*[h]
Ungifundise izahlulelo zakho.[i]

109 Ukuphila kwami kuhlale kusengozini,*
Kodwa angizange ngiwukhohlwe umthetho wakho.[j]

110 Ababi bangibekele isicupho,
Kodwa angiphambukanga emiyalweni yakho.[k]

111 Izikhumbuzo zakho ziyohlale zinami,*

---

**119:91** *Okuwukuthi, konke akudalile. **119:96** *NgesiHebheru, "ubanzi kakhulu." **119:97** *Noma, "Ngifunda." **119:99** *Noma, "ngifunda."

**119:108** *NgesiHebheru, "yomlomo wami." **119:109** *Noma, "Umphefumulo wami usesandleni sami njalo." **119:111** *Noma, "ziyifa lami laphakade."

**ISAHL. 119**
a Hu 104:5; Shu 1:4
b IzA 6:23; Mat 4:4
c Lev 18:5; Dut 30:16; Joh 6:63; Rom 10:5
d Hu 86:2; Isay 41:10
e Hu 119:15
f Hu 40:8
g Hu 1:2
h Hu 19:7; IzA 2:6; IzA 10:8
i Mat 11:25; Luk 2:46, 47

**Uhla 2**
a Hu 18:23; Hu 119:59
b Hu 19:7, 10; IzA 24:13, 14
c Hu 119:100
d Hu 97:10; Hu 101:3; IzA 8:13; IzA 13:5; Rom 12:9
e Hu 43:3; IzA 6:23; Isay 51:4; Rom 15:4; 2Ti 3:16, 17; 2Pe 1:19
f Hu 34:19
g Hu 119:88; Hu 143:11
h Hu 50:23; Hos 14:2; Heb 13:15
i Dut 33:10; Isay 48:17
j Hu 119:61
k Hu 119:87

Ngoba ziyayijabulisa inhliziyo yami.[a]

112 Nginqume* ukulalela iziqondiso zakho
Ngaso sonke isikhathi, kuze kube sekugcineni.

ס [*Samekh*]

113 Ngiyabazonda abanhliziyombili,*[b]
Kodwa ngiyawuthanda umthetho wakho.[c]

114 Wena uyindawo yami yokucasha nehawu lami.[d]
Ngoba ngithembele ezwini* lakho.[e]

115 Ningasondeli kimi, nina bantu ababi,[f]
Ukuze ngigcine imiyalo kaNkulunkulu wami.

116 Ngisekele njengoba wangithembisa,*[g]
Ukuze ngiqhubeke ngiphila;
Ungavumeli ithemba lami liphenduke indumalo.#[h]

117 Ngisekele ukuze ngisindiswe;[i]
Khona-ke ngiyohlale ngigxile eziqondisweni zakho.[j]

118 Ubalahlile bonke abaphambukayo eziqondisweni zakho,[k]
Ngoba banamanga futhi bayakhohlisa.

119 Ubalahla njengokungathi udoti* bonke ababi bomhlaba.[l]
Yingakho ngizithanda izikhumbuzo zakho.

120 Ukukwesaba kwenza umzimba wami uqhaqhazele;
Ngiyazesaba izahlulelo zakho.

ע [*Ayin*]

121 Ngikhiphe izahlulelo ezinobulungisa ngenza okulungile.
Unganginikeli kulabo abangicindezelayo!

122 Thembisa ukuthi uzoyisiza inceku yakho;
Kwangathi abagabadelayo bangengicindezele.

123 Amehlo ami akhathele ngilinde insindiso yakho[a]
Nesithembiso sakho esilungile.*[b]

124 Bonisa inceku yakho uthando lwakho oluqotho,[c]
Ungifundise iziqondiso zakho.[d]

125 Ngiyinceku yakho; ngiphe ukuqonda,[e]
Ukuze ngazi izikhumbuzo zakho.

126 Sesifikile isikhathi sokuba uJehova athathe isinyathelo,[f]
Ngoba bawuphulile umthetho wakho.

127 Yingakho ngiyithanda imiyalo yakho
Ngaphezu kwegolide, yebo igolide elicwengekile.*[g]

128 Ngakho-ke, yonke imiyalo yakho* ngiyibona ilungile;[h]
Ngiyazizonda zonke izindlela zamanga.[i]

פ [*Pe*]

129 Izikhumbuzo zakho ziyamangalisa.
Yingakho ngizigcina.

---

**119:112** *NgesiHebheru, "Ngenze inhliziyo yami yafuna." **119:113** *Noma, "abanenhliziyo ehlukene phakathi." **119:114** *Noma, "ngilindela izwi." **119:116** *Noma, "ngokwezwi lakho." #Noma, "lihlazeke." **119:119** *Leli yigama lesiHebheru elisho ukungcola okukhishwa egolideni noma esiliveni uma sekuncibilikisiwe.

**119:123** *Noma, "Nezwi lakho elilungile." **119:127** *Noma, "elihle." **119:128** *Noma, "zonke iziqondiso zakho."

---

ISAHL. 119
a Hu 19:8; Hu 119:129; Jer 15:16
b 1Kh 18:21; IsA 3:16
c Hu 40:8; Hu 119:97
d Hu 32:7; Hu 91:2
e Hu 130:5
f Hu 26:5
g Isay 41:10
h Hu 25:2; Rom 10:11
i Isay 41:13
j Jos 1:8; Hu 119:48
k 1Kr 28:9; Hu 95:10
l IzA 2:22; IzA 25:4, 5; Hez 22:18

Uhla 2
a Hu 69:3; Hu 143:7
b Hu 119:81
c Hu 69:16
d Hu 143:10
e Hu 119:34; 2Ti 2:7; Jak 1:5
f Hu 9:19; Jer 18:23
g Hu 19:9, 10; Hu 119:72; IzA 3:13, 14
h Hu 19:8
i Hu 119:104

130 Ukwambulwa kwamazwi akho kuletha ukukhanya,[a]
Kwenza abangenalwazi baqonde.[b]
131 Ngiyayomela imiyalo yakho,*
Ngiyilangazelela kakhulu imiyalo yakho.[c]
132 Phendukela kimi ungibonise umusa,[d]
Ngokuvumelana nendlela owahlulela ngayo labo abathanda igama lakho.[e]
133 Qondisa izinyathelo zami* ngezwi lakho;
Makungabi nabubi obungibusayo.[f]
134 Ngikhulule kubantu abangicindezelayo,
Ngizoyigcina imiyalo yakho.
135 Yenza ubuso bakho bukhanye* encekwini yakho,[g]
Ungifundise iziqondiso zakho.
136 Amehlo ami ageleza izinyembezi
Ngenxa yokuthi abantu abawugcini umthetho wakho.[h]

צ [*Tsade*]

137 O Jehova, ulungile,[i]
Wahlulela ngobulungisa.[j]
138 Izikhumbuzo zakho zilungile
Zithembeke ngokuphelele.
139 Ukuzinikela kwami kuwe kunjengomlilo ovuthayo ngaphakathi kimi,[k]
Ngoba izitha zami ziwakhohliwe amazwi akho.
140 Izwi lakho licwengisisiwe,[a]
Inceku yakho iyalithanda.[b]
141 Angilutho futhi ngidelelekile;[c]
Noma kunjalo, angizange ngiyikhohlwe imiyalo yakho.
142 Ukulunga kwakho kuwukulunga kwaphakade,[d]
Umthetho wakho uyiqiniso.[e]
143 Nakuba ukucindezeleka nobunzima kungehlela,
Ngilokhu ngiyithanda imiyalo yakho.
144 Ukulunga kwezikhumbuzo zakho kuhlala kuze kube phakade.
Ngiphe ukuqonda,[f] ukuze ngiqhubeke ngiphila.

ק [*Qoph*]

145 Ngikubiza ngenhliziyo yami yonke. O Jehova, ngiphendule.
Ngizozigcina iziqondiso zakho.
146 Ngiyakubiza; ngisindise!
Ngizozigcina izikhumbuzo zakho.
147 Ngivuke ekuseni ngovivi,* ngakhalela usizo,[g]
Ngoba ngithembele emazwini# akho.
148 Amehlo ami ayavuleka phakathi nobusuku,*
Ukuze ngizindle ngezwi lakho.[h]
149 Lalela izwi lami ngenxa yothando lwakho oluqotho.[i]
O Jehova, ngilonde ngokuvumelana nobulungisa bakho.

---

**119:131** * NgesiHebheru, "Ngivula umlomo wami ngihefuzele." **119:133** * Noma, "Yenza izinyathelo zami zingaxegezeli." **119:135** * Noma, "bumamatheke."

**119:147** * Noma, "kusempondozankomo." # Noma, "ngilindele amazwi." **119:148** * NgesiHebheru, "ngaphambi kwemilindo yasebusuku."

**ISAHL. 119**
a Hu 119:105; IzA 6:23; 2Ko 4:6; 2Pe 1:19
b Hu 19:7; IzA 1:1, 4; 2Ti 3:15
c Hu 42:1; 1Pe 2:2
d 1Sa 1:10, 11; 2Sa 16:11, 12; Isay 38:9, 20
e Heb 6:10
f Hu 19:13; Rom 6:12
g Num 6:25; Hu 4:6
h Hez 9:4; 2Pe 2:7, 8
i Dut 32:4
j IsA 16:5, 7
k 2Kh 10:16; Hu 69:9; Joh 2:17

**Uhla 2**
a Hu 12:6; Hu 119:160
b Hu 119:97
c Hu 22:6, 7
d Hu 36:6
e Eks 34:6; Hu 119:160; Joh 17:17
f Hu 119:34
g Hu 5:3; Hu 88:13; Mar 1:35
h Hu 63:6; Luk 6:12
i Hu 51:1; Isay 63:7

**150** Labo abaziphatha ngokuhlazisayo* basondela kimi;
Bakude nomthetho wakho.
**151** O Jehova, wena useduze,[a]
Yonke imiyalo yakho iyiqiniso.[b]
**152** Ngazazi kudala izikhumbuzo zakho,
Owazimisa ukuze zihlale phakade.[c]

ר [*Resh*]

**153** Kubone ukuhlupheka kwami, ungikhulule,[d]
Ngoba angizange ngiwukhohlwe umthetho wakho.
**154** Ngivikele* ungikhulule;[e]
Ngilonde ngokwesithembiso sakho.#
**155** Insindiso ikude nababi,
Ngoba abazange bazifune iziqondiso zakho.[f]
**156** O Jehova, sikhulu isihe sakho.[g]
Ngilonde ngokuvumelana nobulungisa bakho.
**157** Ziningi izitha zami kanye nabangishushisayo;[h]
Kodwa angizange ngiphambuke ezikhumbuzweni zakho.
**158** Ngibabheka ngokubenyanya abakhohlisayo,
Ngoba abaligcini izwi lakho.[i]
**159** Bheka ukuthi ngiyithanda kanjani imiyalo yakho!
O Jehova, ngilonde ngenxa yothando lwakho oluqotho.[j]
**160** Izwi lakho lilonke liyiqiniso,[k]
Nazo zonke izahlulelo zakho ezilungile zihlala kuze kube phakade.

ש [*Sin*] noma [*Shin*]

**161** Izikhulu zingishushisa[a] ngaphandle kwesizathu,
Kodwa inhliziyo yami iyamangala ngenxa yamazwi akho.[b]
**162** Ngiyathokoza ngezwi lakho[c]
Njengomuntu othola impango eningi.
**163** Ngiyawazonda amanga—ngiyawenyanya[d]—
Ngiyawuthanda umthetho wakho.[e]
**164** Ngikudumisa kasikhombisa ngosuku
Ngenxa yezahlulelo zakho ezilungile.
**165** Ukuthula okuchichimayo kungokwalabo abathanda umthetho wakho;[f]
Akukho lutho olungabakhuba.*
**166** O Jehova, ngithembele ensindisweni yakho,
Ngiyayigcina imiyalo yakho.
**167** Ngiyazigcina izikhumbuzo zakho,
Ngizithanda kakhulu.[g]
**168** Ngiyayigcina imiyalo yakho nezikhumbuzo zakho,
Ngoba uyakwazi konke engikwenzayo.[h]

ת [*Taw*]

**169** O Jehova, kwangathi ungangizwa lapho ngikhalela usizo.[i]
Ngenze ngiqonde, ngokwezwi lakho.[j]
**170** Kwangathi ungakulalela ukunxusa kwami.

---

**119:150** *Noma, "ngendlela engamanyala." **119:154** *Noma, "Singatha icala lami." #Noma, "ngokwezwi lakho."

**119:165** *Noma, "Akunasikhubekiso kubo."

**ISAHL. 119**
*a* Dut 4:7; Hu 46:1; Hu 145:18
*b* Hu 19:9; Joh 17:17
*c* Hu 119:144; Shu 3:14
*d* Hu 9:13
*e* 1Sa 24:15; Hu 43:1
*f* 2Kh 17:15, 18; Hu 73:27; IzA 15:29
*g* 1Kr 21:13; Hu 86:15; Isay 55:7; 2Ko 1:3; Jak 5:11
*h* Hu 25:19
*i* Hu 139:21
*j* Hu 119:40, 88; IsiL 3:22
*k* 2Sa 7:28; Hu 12:6; Joh 17:17

**Uhla 2**
*a* Hu 119:23
*b* 2Kh 22:19
*c* Jer 15:16
*d* Hu 101:7; Hu 119:29, 104
*e* Hu 1:2
*f* Hu 1:2, 3; IzA 3:1, 2; Isay 32:17; Isay 48:18
*g* Hu 1:2; Hu 40:8; Rom 7:22
*h* Hu 139:3; IzA 5:21; IzA 15:11; Heb 4:13
*i* Hu 18:6
*j* 1Kr 22:12; IzA 2:3, 5

Ngisindise ngokwesithe-
mbiso sakho.*
171 Kwangathi izindebe zami
zingachichima amazwi
okudumisa,[a]
Ngoba ungifundisa iziqo-
ndiso zakho.
172 Kwangathi ulimi lwami lu-
ngahuba ngezwi lakho,[b]
Ngoba yonke imiyalo ya-
kho ilungile.
173 Kwangathi isandla sakho
singakulungela ukungi-
siza,[c]
Ngoba ngikhetha ukulale-
la imiyalo yakho.[d]
174 O Jehova, ngilangazelela
insindiso yakho,
Nomthetho wakho ngiya-
wuthanda.[e]
175 Kwangathi ngingaphila
ukuze ngikudumise;[f]
Kwangathi izahlulelo za-
kho zingangisiza.
176 Ngidukile njengemvu ela-
hlekile.[g] Funa inceku
yakho,
Ngoba angizange ngiyi-
khohlwe imiyalo yakho.[h]

INgoma Yokwenyuka.*

**120** Ngambiza uJehova
lapho ngicindeze-
lekile,[i]
Wangiphendula.[j]
2 O Jehova, ngikhulule*
ezindebeni eziqamba
amanga
Nasolimini olukhohlisayo.
3 Yini uNkulunkulu azoye-
nza kuwe, uzokujezisa
kanjani,*
Wena lulimi olukhohli-
sayo?[k]

4 Ngemicibisholo ecijile[a]
yeqhawe
Nangamalahle avuthayo[b]
ezihlahla zonwele.
5 Maye kimi, ngoba ngihlale
njengesifiki
kwaMesheke![c]
Bengihlala ematendeni
kaKhedari.[d]
6 Ngihlale* isikhathi eside
kakhulu
Nalabo abazonda
ukuthula.[e]
7 Ngithanda ukuthula, kodwa
lapho ngikhuluma,
Bafuna impi.

INgoma Yokwenyuka.

**121** Ngiphakamisela ame-
hlo ami ezintabeni.[f]
Usizo lwami luvelaphi?
2 Usizo lwami luvela kuJe-
hova,[g]
UMenzi wezulu nomhlaba.
3 Akasoze avumele unyawo
lwakho lushelele.*[h]
Lowo okuqaphile akasoze
ozela.
4 Bheka! Ngeke ozele noma
alale,
Lowo oqaphe u-Israyeli.[i]
5 UJehova ukuqaphile.
UJehova ungumthunzi[j] esa-
ndleni sakho sokudla.[k]
6 Emini ilanga ngeke liku-
hlabe,[l]
Noma inyanga ebusuku.[m]
7 UJehova uyokuvikela ezi-
ngozini.[n]
Uyoqapha ukuphila kwa-
kho.*[o]
8 UJehova uyokuqapha ku-
kho konke okwenzayo*

ISAHL. 119
a Hu 63:5; Hu 71:17; Hu 145:7
b Hu 40:9
c Hu 60:5
d Dut 30:19; Jos 24:15, 22
e Hu 1:2
f Hu 9:13, 14; Isay 38:19
g Hu 95:7; Luk 15:4; 1Pe 2:25
h Shu 12:13

ISAHL. 120
i Hu 18:6
j Hu 50:15; Jon 2:1, 2
k IzA 12:22

Uhla 2
a Hu 7:13
b Hu 140:10
c Gen 10:2
d Jer 49:28
e Hu 57:4

ISAHL. 121
f Hu 125:2
g Hu 46:1; Isay 41:13; Jer 20:11; Heb 13:6
h Hu 91:11, 12; IzA 3:26
i Isay 27:3; Isay 40:28
j Hu 91:1; Isay 25:4
k Hu 16:8; Hu 109:31
l Isay 49:10; IsA 7:16
m Hu 91:5, 6
n Hu 91:10; IzA 12:21
o Hu 97:10; Hu 145:20

**119:170** *Noma, "ngokwezwi lakho." **120:0** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **120:2** *Noma, "khulula umphefumulo wami." **120:3** *NgesiHebheru, "yini ayokwenezelela yona?" **120:6** *Noma, "Umphefumulo wami uhlale." **121:3** *Noma, "luntengantenge." **121:7** *Noma, "umphefumulo wakho." **121:8** *NgesiHebheru, "uyoqapha ukuphuma kwakho nokungena kwakho."

Kusukela manje kuze kube
phakade.

INgoma Yokwenyuka.
EkaDavide.

122 Ngajabula lapho bethi kimi:
"Masiye endlini kaJehova."[a]
2 Manje izinyawo zethu zimi
Ngaphakathi kwamasango akho, Jerusalema.[b]
3 IJerusalema lakhiwe njengedolobha
Linezakhiwo ezisondelene.[c]
4 Izizwe zikhuphukele kulo,
Izizwe zikaJah,*
Ngokuvumelana nomthetho owanikwa u-Israyeli,
Ukuba ziyobonga igama likaJehova.[d]
5 Ngoba izihlalo zobukhosi zokwahlulela zazihleli khona,[e]
Izihlalo zobukhosi zendlu kaDavide.[f]
6 Celani ukuba iJerusalema libe nokuthula.[g]
O dolobha, labo abakuthandayo bayovikeleka.
7 Kwangathi ukuthula kungaqhubeka ngaphakathi kwezindonga zakho zokuvikela,*
Ukulondeka ngaphakathi kwemibhoshongo yakho eqinile.
8 Ngizokhuluma ngenxa yabafowethu nabangani bami ngithi:
"Kwangathi kungaba nokuthula phakathi kwenu."
9 Ngenxa yendlu kaJehova uNkulunkulu wethu,[h]
Ngizokufunela okuhle.

122:4 *Elithi "Jah" liyisifushaniso segama elithi Jehova. 122:7 *Noma, "kwegoqo lakho lokuvikela."

ISAHL. 122
a 2Sa 6:15 Hu 27:4 Hu 42:4 Hu 84:10
b 2Kr 6:6 Hu 84:7 Hu 100:4
c 2Sa 5:9
d Eks 23:17 Dut 12:5, 6
e Dut 17:8, 9 2Kr 19:8
f 2Sa 7:16 1Kh 10:18 1Kr 29:23
g Hu 51:18
h 1Kr 29:3 Hu 26:8 Hu 69:9

Uhla 2

ISAHL. 123
a Hu 25:15 Hu 121:1
b Hu 119:82 Hu 130:6
c IsiL 3:25 Mik 7:7
d Neh 4:4 Hu 44:13

ISAHL. 124
e Hu 46:7 Rom 8:31 Heb 13:6
f Hu 54:4 Hu 118:6
g Hu 3:1 Hu 22:16
h Hu 27:2
i Hu 56:1
j Hu 18:4
k 1Sa 23:26-28 2Sa 17:21, 22
l Hu 25:15 Hu 91:3

INgoma Yokwenyuka.

123 Ngiphakamisela amehlo ami kuwe,[a]
Wena ohlezi esihlalweni sobukhosi emazulwini.
2 Njengoba izinceku zibheka enkosini yazo,
Nencekukazi ibheka endlovukazini yayo,
Kanjalo nathi sibheka kuJehova uNkulunkulu wethu[b]
Aze asibonise umusa.[c]
3 Sibonise umusa, Jehova, sibonise umusa,
Ngoba sesanele ukwedelelwa.[d]
4 Sesanele* ukuhlekwa usulu yilabo abaqhoshayo
Nokwedelelwa yilabo abazikhukhumezayo.

INgoma Yokwenyuka.
EkaDavide.

124 "Ukube uJehova ubengekho ngakithi"[e]
—U-Israyeli makathi—
2 "Ukube uJehova ubengekho ngakithi[f]
Lapho abantu besihlasela,[g]
3 Khona-ke ngabe basigwinya siphila[h]
Lapho intukuthelo yabo isivuthela.[i]
4 Ngabe amanzi asikhukhula,
Isikhukhula ngabe sadlula nathi.*[j]
5 Amanzi agubhayo ngabe adlula phezu kwethu.*
6 Makadunyiswe uJehova,
Ngoba akazange asinikele njengenyamazane emazinyweni abo.
7 Sinjengenyoni* ephunyuke
Esicuphweni somcuphi;[k]
Isicupho sasiphukile,
Thina saphunyuka.[l]

123:4 *Noma, "Umphefumulo wethu ususuthi." 124:4 *Noma, "nemiphefumulo yethu." 124:5 *Noma, "kwemiphefumulo yethu." 124:7 *Noma, "Imiphefumulo yethu injengenyoni."

8 Usizo lwethu lusegameni likaJehova,[a]
UMenzi wezulu nomhlaba."

INgoma Yokwenyuka.

125 Labo abathembela kuJehova[b]
BanjengeNtaba iZiyoni, engenakunyakaziswa
Kodwa ehlala kuze kube phakade.[c]
2 Njengoba izintaba zizungeze iJerusalema,[d]
Kanjalo uJehova uzungeze abantu bakhe[e]
Kusukela manje kuze kube phakade.
3 Intonga yobubi ngeke iqhubeke ihlezi phezu kwezwe elabelwe abalungile,[f]
Ukuze abalungile bangaphendukeli* ekwenzeni okubi.[g]
4 Yenza okuhle Jehova kwabahle,[h]
Kulabo abaqotho ezinhliziyweni zabo.[i]
5 Kodwa labo abaphambukela ezindleleni zabo ezigwegwile,
UJehova uyobasusa kanye nabenza okubi.[j]
Kwangathi kungaba nokuthula kwa-Israyeli.

INgoma Yokwenyuka.

126 Lapho uJehova ebuyisa abathunjiwe baseZiyoni,[k]
Sasicabanga ukuthi siyaphupha.
2 Ngaleso sikhathi sahleka kakhulu
Samemeza ngenjabulo.[l]
Ngaleso sikhathi izizwe zathi:
"UJehova ubenzele izinto ezinkulu."[m]
3 UJehova usenzele izinto ezinkulu.[a]
Sijabule kakhulu.
4 O Jehova, buyisa izithunjwa zakithi,
Njengalapho imvula igcwalisa imifudlana yaseNegebhi.*
5 Labo abahlwanyela imbewu ngezinyembezi
Bayovuna ngokuthokoza.
6 Lowo ophumayo, nakuba ekhala,
Ephethe isaka elinembewu,
Nakanjani uyobuya ethokozile,[b]
Ethwele isivuno sakhe.[c]

INgoma Yokwenyuka. EkaSolomoni.

127 Ngaphandle kokuba uJehova eyakha indlu,
Akusizi ngalutho ukuthi abakhi bayo basebenza kanzima kuyo.[d]
Ngaphandle kokuba uJehova eliqapha idolobha,[e]
Akusizi ngalutho ukuthi umqaphi ahlale ephapheme.
2 Akusizi ngalutho ukuthi nivuka ekuseni kakhulu,
Ukuthi nisebenza kuze kube sebusuku,
Ukuthi niyazikhandla ukuze nithole ukudla,
Ngoba uyabanakekela labo abathandayo, aphinde abanike ubuthongo.[f]
3 Bheka! Abantwana* bayifa elivela kuJehova;[g]
Isithelo sesisu singumvuzo.[h]
4 Njengemicibisholo esandleni seqhawe,
Banjalo abantwana bobusha bomuntu.[i]

ISAHL. 124
a IzA 18:10

ISAHL. 125
b Jer 17:7
c 1Kh 8:12, 13; Hu 48:2; Hu 132:13, 14
d 1Kh 11:7; IzE 1:12
e Hu 34:7; Isay 31:5; Zak 2:4, 5
f Isay 14:5
g Shu 7:7
h Hu 51:18
i Hu 36:10; Hu 73:1
j 1Kr 10:13; Hu 53:5; Isay 59:8

ISAHL. 126
k Ezr 1:2, 3; Hu 85:1
l Ezr 3:11; Hu 106:47; Isay 49:13; Jer 31:12
m Jos 2:9, 10; Neh 6:15, 16

Uhla 2
a Ezr 7:27, 28; Isay 11:11
b Hu 30:5; Isay 61:1-3
c Isay 9:3

ISAHL. 127
d IzA 3:6; IzA 10:22; IzA 16:3
e Isay 27:3
f Hu 3:5; Shu 5:12
g Gen 33:4, 5; Gen 48:3, 4; 1Sa 2:21
h Gen 41:51, 52; Lev 26:9; Job 42:12, 13; Hu 128:3
i IzA 17:6

125:3 * Noma, "bangaphenduleli isandla sabo."
126:4 * Noma, "imihosha eseningizimu."
127:3 * Noma, "Amadodana."

5 Iyajabula indoda egcwalise
umgodla wayo ngabo.[a]
Ngeke abe* namahloni,
Ngoba bayokhuluma# nezi-
tha esangweni ledolobha.

INgoma Yokwenyuka.

128 Uyajabula wonke
umuntu owesaba
uJehova,[b]
Ohamba ngezindlela za-
Khe.[c]
2 Uyodla lokho okusebenzele
kanzima ngezandla za-
kho.
Uyojabula futhi kuyokuha-
mbela kahle.[d]
3 Umkakho uyoba njengensi-
mu yamagilebhisi ethela-
yo ngaphakathi endlini
yakho;[e]
Abantwana bakho bayoba
njengamahlumela esihla-
hla somnqumo nxazonke
zetafula lakho.
4 Bheka! Iyobusiswa kanjalo
indoda[f]
Eyesaba uJehova.
5 UJehova uyokubusisa ese-
Ziyoni.
Kwangathi ungabona iJeru-
salema lichuma zonke izi-
nsuku zokuphila kwakho[g]
6 Ubone nabazukulu bakho.
Sengathi kungaba nokuthu-
la kwa-Israyeli.

INgoma Yokwenyuka.

129 "Bebelokhu bengihla-
sela kusukela ebu-
sheni bami"[h]
—Manje u-Israyeli makathi—
2 "Bebelokhu bengihlasela
kusukela ebusheni bami;[i]
Kodwa abazange bangi-
nqobe.[j]
3 Abalimi balime emhlane
wami;[k]
Bayenze yaba mide imisele
yabo."
4 Kodwa uJehova ulungile;[a]
Unqamule izintambo
zababi.[b]
5 Bayoba namahloni babuye-
le emuva behlazekile,
Bonke labo abazonda
iZiyoni.[c]
6 Bayoba njengotshani obu-
sophahleni,
Obubuna bungakasishulwa,
7 Obungeke bugcwale esa-
ndleni somvuni
Noma ezingalweni zobutha
izithungo.
8 Labo abadlulayo ngeke
bathi:
"Isibusiso sikaJehova masi-
be phezu kwenu;
Siyanibusisa egameni lika-
Jehova."

INgoma Yokwenyuka.

130 O Jehova, ngiyakubiza
lapho ngiphelelwe
yithemba.[d]
2 O Jehova, yizwa izwi lami.
Kwangathi izindlebe zakho
zingangizwa lapho ngice-
la usizo.
3 O Jah,* ukube ububheka#
amaphutha,
Jehova ubani obengama?[e]
4 Ngoba uthethelela ngeqi-
niso,[f]
Ukuze uhlonishwe.*[g]
5 Ngithembele kuJehova,
umphefumulo wami
uthembele kuye;
Ngilindele ukugcwaliseka
kwesithembiso sakhe.
6 Ngimlinde ngokulangazela
uJehova,[h]
Ukwedlula abalindi abali-
nde ukusa,[i]

---

ISAHL. 127
a Gen 50:23

ISAHL. 128
b Hu 112:1, Heb 5:7
c Hu 119:1, Mik 6:8
d Shu 5:18, Isay 65:22
e Eks 23:26, Hu 127:3
f Hu 127:4, 5
g Hu 122:6, Isay 33:20

ISAHL. 129
h Eks 5:6, 9
i IsiL 1:3
j Hu 118:13, Hu 125:3
k Hu 66:12, Isay 51:23

Uhla 2
a Ezr 9:15, Neh 9:33
b Hu 124:7
c Neh 4:4, Neh 6:15, 16, Est 6:13, Est 9:5, Hu 137:7, Zak 12:3

ISAHL. 130
d IsiL 3:55, Jon 2:1, 2
e Hu 38:4, Hu 103:14, Hu 143:1, 2, Isay 55:7, Dan 9:18, Rom 3:20, Tit 3:5
f Eks 34:6, 7, Hu 25:11
g Jer 33:8, 9
h Mik 7:7
i Hu 119:147

---

**127:5** *Cishe kubhekiselwa emadodeni. #Cishe kubhekiselwa kubantwana.

**130:3** *Elithi "Jah" liyisifushaniso segama elithi Jehova. #Noma, "ububala."
**130:4** *Noma, "wesatshwe."

Impela, ukwedlula abalindi
abalinde ukusa.
7 U-Israyeli makaqhubeke
elinde uJehova,
Ngoba uJehova uqotho
othandweni lwakhe,[a]
Unamandla amakhulu oku-
khulula.
8 Uyomthethelela u-Israyeli
zonke iziphambeko
zakhe.

INgoma Yokwenyuka.
EkaDavide.

131 O Jehova, inhliziyo
yami ayizikhukhu-
mezi,
Namehlo ami awaqhoshi;[b]
Angizifuneli izinto ezinku-
lu kakhulu,[c]
Noma izinto ezingaphezu
kwamandla ami.
2 Cha, kodwa ngiwuzolisile
futhi ngawuthulisa um-
phefumulo* wami#[d]
Njengengane eyekiswe
ibele egone kunina;
Nganelisekile njengengane
eyekiswe ibele.
3 U-Israyeli makalinde
uJehova[e]
Kusukela manje kuze kube
phakade.

INgoma Yokwenyuka.

132 O Jehova, khumbula
uDavide
Nakho konke ukuhlupheka
kwakhe;[f]
2 Indlela afunga ngayo
kuJehova,
Indlela enza ngayo isifungo
konaMandla kaJakobe,
wathi:[g]
3 "Ngeke ngingene etendeni
lami, endlini yami.[h]
Ngeke ngilale kusofa wami,
embhedeni wami;
4 Ngeke ngiwavumele amehlo
ami alale,
Noma amehlo ami ukuba
ozele
5 Ngize ngitholele uJehova
indawo,
Indawo yokuhlala ekahle*
yonaMandla kaJakobe."[a]
6 Bheka! Sizwile ngawo*
e-Efratha;[b]
Sawuthola ezinkalweni
zehlathi.[c]
7 Masingeneni etabernakele
lakhe elikhulu;*[d]
Masikhothameni
endaweni yakhe yokube-
ka izinyawo.#[e]
8 O Jehova, vuka, ukuze uze
endaweni yakho yokuphu-
mula,[f]
Wena noMphongolo wama-
ndla akho.[g]
9 Abapristi bakho mabemba-
the ukulunga,
Abantu bakho abaqotho
mabamemeze ngenjabulo.
10 Ngenxa kaDavide inceku
yakho,
Ungamlahli ogcotshiwe*
wakho.[h]
11 UJehova ufungile kuDa-
vide;
Nakanjani ngeke akushi-
ntshe akusho lapho ethi:
"Oyedwa enzalweni yakho,*
Ngizombeka esihlalweni
sakho sobukhosi.[i]
12 Uma amadodana akho egci-
na isivumelwano sami
Nezikhumbuzo zami engi-
wafundisa zona,[j]
Namadodana awo

ISAHL. 130
a Hu 86:5

ISAHL. 131
b Hu 78:70
Hu 138:6
c 1Sa 18:23
d 1Sa 30:6
Hu 62:1
Isay 30:15
IsiL 3:26
e Hu 130:7
Mik 7:7

ISAHL. 132
f 1Sa 20:1
g 2Sa 7:2, 3
h 2Sa 5:11

Uhla 2
a 2Sa 7:2
1Kh 8:17
1Kr 15:3, 12
IzE 7:45, 46
b 1Sa 17:12
c 1Sa 7:1
1Kr 13:6
d Hu 43:3
e 1Kr 28:2
Hu 5:7
f Num 10:35
2Sa 6:17
g 2Kr 6:41, 42
h 1Kh 15:4
2Kh 19:34
i 1Kh 8:25
Hu 89:3, 4
Hu 89:20, 36
Isay 9:7
Jer 33:20, 21
Mat 9:27
Luk 1:69
IzE 2:30, 31
IzE 13:22, 23
j 1Kr 29:19

131:2 *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. #Noma, "ngizizolisile futhi ngathula."

132:5 *Noma, "Itabernakele elikhulu." 132:6 *Ngokusobala kushiwo uMphongolo. 132:7 *Noma, "endaweni ahlala kuyo." #Noma, "esenabelweni sezinyawo sikaNkulunkulu." 132:10 *NgesiHebheru, "Ungabubuyiseli emuva ubuso bogcotshiwe." 132:11 *NgesiHebheru, "wesithelo sesisu sakho."

Ayohlala phakade esihla-
lweni sakho sobukhosi."[a]
13 Ngoba uJehova ukhethe
iZiyoni;[b]
Ulithandile ukuba libe yi-
ndawo yakhe yokuhlala,[c]
wathi:
14 "Lena yindawo yami yoku-
phumula yaphakade;
Ngizohlala lapha,[d] ngoba
lokhu kuyisifiso sami.
15 Ngizolibusisa ngokudla
okuningi;
Ngizokwanelisa abampofu
abahlala khona ngesi-
nkwa.[e]
16 Abapristi balo ngizobemba-
thisa insindiso,[f]
Nabaqotho balo bayomeme-
za ngenjabulo.[g]
17 Ngizokwenza amandla ka-
Davide ande* lapho.
Ngihlelele ogcotshiwe wami
isibani.[h]
18 Izitha zakhe ngizozemba-
thisa amahloni,
Kodwa umqhele osekhanda
lakhe uyochuma."[i]

INgoma Yokwenyuka.
EkaDavide.

133 Bheka! Yeka ukuthi
kuhle futhi kumna-
ndi kanjani
Ukuba abazalwane bahlale
ndawonye ngobunye![j]
2 Kunjengamafutha amahle
athelwe ekhanda[k]
Agelezela entshebeni,
Intshebe ka-Aroni,[l]
Ehlela esiphikeni sezingu-
bo zakhe.
3 Kunjengamazolo aseHer-
moni[m]
Ehla ezintabeni
zaseZiyoni.[n]
UJehova wayala ukuba isi-
busiso sakhe sibe lapho
—Ukuphila okuphakade.

132:17 *NgesiHebheru, "uphondo luka-
Davide lukhule."

ISAHL. 132
a 2Sa 7:12, 16
1Kr 17:11, 12
Hu 89:20, 29
b Hu 48:2, 3
Hu 78:68
Heb 12:22
c Hu 87:2
d Hu 46:5
Isay 24:23
e Hu 22:26
Hu 147:12, 14
f Hu 149:4
g Hu 132:8, 9
h 1Kh 11:36
1Kh 15:4
2Kr 21:7
i Hu 2:6
Hu 72:8
Isay 9:6
IsA 11:15

ISAHL. 133
j Gen 13:8
Joh 13:35
Kol 3:14
Heb 13:1
k IzA 27:9
l Eks 29:4, 7
m Dut 3:8, 9
1Kr 5:23
n Hu 125:2

Uhla 2

ISAHL. 134
a IsA 19:5
b 1Kr 9:33
1Kr 23:27, 30
Luk 2:37
IsA 7:15
c Hu 28:2
Hu 141:2

ISAHL. 135
d Hu 113:1
IsA 19:5
e Hu 96:8
Hu 116:19
f Hu 119:68
Mat 19:17
g Eks 19:5
Dut 7:6
h Dut 10:17
Hu 97:9
i Hu 115:3
Isay 46:10

INgoma Yokwenyuka.

134 Dumisani uJehova,
Nonke nina zinceku
zikaJehova,[a]
Nina enima endlini kaJeho-
va ebusuku.[b]
2 Phakamisani izandla zenu[c]
ngobungcwele*
Nidumise uJehova.
3 Kwangathi uJehova, uMe-
nzi wezulu nomhlaba,
Angakubusisa
eseZiyoni.

135 Dumisani uJah!*
Dumisani igama
likaJehova;
Mdumiseni, zinceku
zikaJehova,[d]
2 Nina enimi endlini
kaJehova,
Emagcekeni endlu kaNku-
lunkulu wethu.[e]
3 Dumisani uJah, ngoba
uJehova muhle.[f]
Hubelani* igama lakhe,
ngoba kumnandi.
4 Ngoba uJah uzikhethele
uJakobe,
U-Israyeli ukuba abe impa-
hla yakhe ekhethekile.*[g]
5 Ngoba ngazi kahle ukuthi
uJehova mkhulu;
INkosi yethu ingaphezu
kwabo bonke abanye
onkulunkulu.[h]
6 UJehova wenza konke
athanda ukukwenza[i]
Ezulwini nasemhlabeni,
ezilwandle nasekujuleni
kwazo.
7 Ubangela ukuba amafu*
enyuke esuka emikhawu-
lweni yomhlaba;

134:2 *Noma kungaba, "nisendlini engcwele." 135:1 *Noma, "Haleluya!" Elithi "Jah" liyisifushaniso segama elithi Jehova. 135:3 *Noma, "Culelani." 135:4 *Noma, "eyigugu." 135:7 *Noma, "imihwamuko."

Wenzela imvula imibani;*
Ukhipha umoya ezinqolobaneni zakhe.[a]
8 Wabulala amazibulo ase-Gibhithe,
Abantu nezilwane.[b]
9 Wathumela izibonakaliso nezimangaliso phakathi kwakho, Gibhithe,[c]
KuFaro nakuzo zonke izinceku zakhe.[d]
10 Washaya izizwe eziningi[e]
Wabulala amakhosi anamandla[f]
11 —USihoni inkosi yama-Amori,[g]
U-Ogi inkosi yaseBhashani,[h]
Nayo yonke imibuso yase-Khanani.
12 Wanikela ngezwe labo laba yifa,
Ifa ku-Israyeli isizwe sakhe.[i]
13 O Jehova, igama lakho lihlala kuze kube phakade.
O Jehova, udumo lwakho* luhlala isizukulwane ngesizukulwane.[j]
14 Ngoba uJehova uyobalwela abantu* bakhe,[k]
Uyozizwela# izinceku zakhe.[l]
15 Izithixo zezizwe ziyisiliva negolide,
Umsebenzi wezandla zomuntu.[m]
16 Zinomlomo kodwa azikhulumi;[n]
Zinamehlo kodwa aziboni;
17 Zinezindlebe kodwa azizwa.
Akukho moya emlonyeni wazo.[o]
18 Abantu abazenzayo bayofana nse nazo,[a]
Nabo bonke abathembela kuzo.[b]
19 O wena ndlu ka-Israyeli, dumisani uJehova.
O wena ndlu ka-Aroni, dumisani uJehova.
20 O wena ndlu kaLevi, dumisani uJehova.[c]
Nina enesaba uJehova, dumisani uJehova.
21 UJehova makadunyiswe eZiyoni,[d]
Lowo ohlala eJerusalema.[e]
Dumisani uJah![f]

136 Bongani uJehova, ngoba muhle;[g]
Uthando lwakhe oluqotho luhlala kuze kube phakade.[h]
2 Bongani uNkulunkulu wonkulunkulu,[i]
Ngoba uthando lwakhe oluqotho luhlala kuze kube phakade.
3 Bongani iNkosi yamakhosi,
Ngoba uthando lwayo oluqotho luhlala kuze kube phakade.
4 Yena yedwa wenza izinto ezinkulu ezimangalisayo,[j]
Ngoba uthando lwakhe oluqotho luhlala kuze kube phakade.[k]
5 Wenza amazulu ngobuchule,*[l]
Ngoba uthando lwakhe oluqotho luhlala kuze kube phakade.
6 Wendlala umhlaba phezu kwamanzi,[m]
Ngoba uthando lwakhe oluqotho luhlala kuze kube phakade.
7 Wenza izinkanyiso ezinkulu,[n]

ISAHL. 135
a Eks 14:21; Num 11:31; Jer 10:13; Jer 51:16; Jon 1:4
b Eks 12:12, 29
c Eks 7:20; Eks 8:6, 17; Eks 9:6, 10; Eks 9:23; Eks 10:12, 21
d Hu 136:15
e Hu 44:2
f Jos 12:7, 8
g Num 21:23, 24
h Num 21:33-35
i Jos 11:23
j Eks 3:15; Hu 102:12
k Eks 14:31
l Dut 32:36
m Hu 115:4-8; Isay 46:6; IzE 17:29; 1Ko 10:19
n Hab 2:19
o Jer 10:14

Uhla 2
a Isay 44:9
b Hu 97:7
c Dut 10:8
d Hu 48:1; Hu 132:13
e Jer 3:17
f IsA 19:6

ISAHL. 136
g Luk 18:19
h 2Kr 7:3; 2Kr 20:21; Hu 106:1; Hu 107:1
i Hu 97:9; Dan 2:47
j Eks 15:11; IsA 15:3
k Hu 103:17
l Job 38:36; IzA 3:19, 20
m Gen 1:9; Hu 24:1, 2
n Gen 1:14

**135:7** *Noma kungababa, "Wenze namasango emvula." **135:13** *Noma, "igama lakho." NgesiHebheru, "isikhumbuzo sakho." **135:14** *Noma, "uyomela udaba lwabantu." #Noma, "Uyozidabukela."

**136:5** *Noma, "ngokuqonda."

Ngoba uthando lwakhe olu-
qotho luhlala kuze kube
phakade,
8 Ilanga ukuba libuse emini,[a]
Ngoba uthando lwakhe olu-
qotho luhlala kuze kube
phakade,
9 Inyanga nezinkanyezi uku-
ba kubuse ebusuku,[b]
Ngoba uthando lwakhe olu-
qotho luhlala kuze kube
phakade.
10 Wabulala amazibulo ase-
Gibhithe,[c]
Ngoba uthando lwakhe olu-
qotho luhlala kuze kube
phakade.
11 Wakhipha u-Israyeli phaka-
thi kwalo,[d]
Ngoba uthando lwakhe olu-
qotho luhlala kuze kube
phakade,
12 Ngesandla esinamandla[e]
nangengalo eyeluliwe,
Ngoba uthando lwakhe olu-
qotho luhlala kuze kube
phakade.
13 Wahlukanisa uLwandle Olu-
bomvu phakathi,*[f]
Ngoba uthando lwakhe olu-
qotho luhlala kuze kube
phakade.
14 Wabangela u-Israyeli ukuba
adlule phakathi kwalo,[g]
Ngoba uthando lwakhe olu-
qotho luhlala kuze kube
phakade.
15 Wathuntuthela uFaro nebu-
tho lakhe lempi oLwandle
Olubomvu,[h]
Ngoba uthando lwakhe olu-
qotho luhlala kuze kube
phakade.
16 Wahola abantu bakhe
ehlane,[i]
Ngoba uthando lwakhe olu-
qotho luhlala kuze kube
phakade.
17 Wabulala amakhosi ama-
khulu,[a]
Ngoba uthando lwakhe olu-
qotho luhlala kuze kube
phakade.
18 Wabulala amakhosi anama-
ndla,
Ngoba uthando lwakhe olu-
qotho luhlala kuze kube
phakade,
19 USihoni[b] inkosi yama-
Amori,
Ngoba uthando lwakhe olu-
qotho luhlala kuze kube
phakade,
20 No-Ogi[c] inkosi yaseBha-
shani,
Ngoba uthando lwakhe olu-
qotho luhlala kuze kube
phakade.
21 Wanikela ngezwe lawo laba
yifa,[d]
Ngoba uthando lwakhe olu-
qotho luhlala kuze kube
phakade,
22 Laba yifa lika-Israyeli ince-
ku yakhe,
Ngoba uthando lwakhe olu-
qotho luhlala kuze kube
phakade.
23 Wasikhumbula lapho singe-
lutho,[e]
Ngoba uthando lwakhe olu-
qotho luhlala kuze kube
phakade.[f]
24 Wayelokhu esikhulula ezi-
theni zethu,[g]
Ngoba uthando lwakhe olu-
qotho luhlala kuze kube
phakade.
25 Unika yonke into ephilayo
ukudla,[h]
Ngoba uthando lwakhe olu-
qotho luhlala kuze kube
phakade.
26 Bongani uNkulunkulu wa-
mazulu,
Ngoba uthando lwakhe olu-
qotho luhlala kuze kube
phakade.

---

**136:13** *NgesiHebheru, "lwaba yizi-ngxenye."

**ISAHL. 136**
a Gen 1:16; Jer 31:35
b Hu 8:3
c Eks 12:29
d Eks 12:51
e Eks 13:14
f Eks 14:21
g Eks 14:29
h Eks 14:27, 28
i Eks 13:18; Eks 15:22

**Uhla 2**
a Jos 12:7, 8
b Num 21:21-24
c Num 21:33-35
d Num 32:33
e Dut 32:36
f Neh 9:32
g Hlu 3:9; Hlu 6:9
h Hu 145:15; Hu 147:9

137 Sahlala ngasemifuleni
yaseBhabhiloni.[a]
Sakhala lapho sikhumbula
iZiyoni.[b]
2 Salengisa amahabhu ethu[c]
Ezihlahleni zikabhabhulini
phakathi kwalo.*
3 Ngoba labo ababesithumbi-
le basicela lapho ukuba
sibaculele ingoma,[d]
Labo ababesenza inhlekisa
babefuna injabulo, bethi:
"Siculeleni enye yezingoma
zaseZiyoni."
4 Singayicula kanjani ingoma
kaJehova
Kwelinye izwe?
5 O Jerusalema, uma nginga-
se ngikukhohlwe,
Isandla sami sokudla naso
masikhohlwe.*[e]
6 Ulimi lwami malunamathe-
le olwangeni lwami
Uma ngingakukhumbuli,
Uma ngingalenzi iJerusale-
ma libe ngaphezu
Kwezizathu zami ezinkulu
zokujabula.[f]
7 O Jehova, khumbula
Lokho abakwa-Edomi aba-
kusho ngosuku okwanqo-
tshwa ngalo iJerusalema,
bethi:
"Lidilizeni! Lidilizeni kuze
kube sezisekelweni
zalo!"[g]
8 O Ndodakazi yaseBhabhilo-
ni, ezocekelwa phansi ma-
duzane,[h]
Uyojabula lowo oyophindi-
sela kuwe
Ngempatho yakho owasi-
phatha ngayo.[i]
9 Uyojabula lowo obamba
abantwana bakho
Abaphahlaze
edwaleni.[j]

137:2 *Kushiwo iBhabhiloni. 137:5 *Noma kungaba, "masishwabane."

ISAHL. 137
a Jer 51:13, Hez 3:15, Dan 10:4
b Dan 9:2, 3
c Isay 24:8
d Hu 123:4
e Neh 2:3, Hu 84:2, Hu 102:13, 14, Isay 62:1, Jer 51:50
f Hu 122:1
g Jer 49:7, IsiL 4:22, Hez 25:12, Obad 10-13
h Isay 47:1, Jer 25:12, Jer 50:2
i Jer 50:29, IsA 18:6
j Isay 13:1, 16

Uhla 2

ISAHL. 138
a Hu 9:1
b 1Sa 3:3, 1Kr 16:1, Hu 28:2
c Joh 17:6
d Hu 18:6
e Hu 29:11, Isay 12:2, Isay 41:10
f Hu 102:15, Isay 60:3
g 1Kh 8:10, 11
h 1Sa 2:8, Hu 113:6-8, Isay 57:15
i Jak 4:6, 1Pe 5:5
j Hu 71:20

ElikaDavide.
138 Ngizokudumisa ngayo
yonke inhliziyo
yami.[a]
Ngizokuculela izingoma zo-
kudumisa,
Phambi kwabanye onkulu-
nkulu.*
2 Ngizokhothama ngibheke
ngasethempelini lakho
elingcwele,*[b]
Ngizolidumisa igama lakho[c]
Ngenxa yothando lwakho
oluqotho nokwethembeka
kwakho.
Ngoba ulikhazimulisile izwi
lakho negama lakho nga-
phezu kwayo yonke enye
into.#
3 Ngosuku engakubiza ngalo,
wangiphendula;[d]
Wangenza ngaba nesibindi,
wanginika amandla.[e]
4 O Jehova, wonke amakhosi
omhlaba ayokudumisa,[f]
Ngoba ayobe ezwile ngezi-
thembiso zakho.
5 Ayohlabelela ngezindlela
zikaJehova,
Ngoba inkazimulo kaJeho-
va inkulu.[g]
6 Nakuba uJehova ephake-
me, uyamqaphela othobe-
kile,[h]
Kodwa ozikhukhumezayo
umazela kude kuphela.[i]
7 Ngisho noma ngisengozini,
uyongilonda.[j]
Uyokwelula isandla sakho
ungivikele entukuthelwe-
ni yezitha zami;
Isandla sakho sokudla siyo-
ngisindisa.

138:1 *Noma kungaba, "Ngizokudlalela izinsimbi zomculo, ukuze ngibonise ukuthi angibalaleli abanye onkulunkulu." 138:2 *Noma, "ngibheke endlini yakho engcwele." #Noma kungaba, "ulikhazimulisile izwi lakho ngaphezu kwalo lonke igama lakho."

8 UJehova uyongenzela zonke izinto.
O Jehova, uthando lwakho oluqotho luhlala kuze kube phakade;[a]
Ungayishiyi imisebenzi yezandla zakho.[b]

Kumqondisi.
Ihubo likaDavide.

139 O Jehova, ungihlolile futhi uyangazi.[c]
2 Uyazi lapho ngihlala nalapho ngisukuma.[d]
Ubona imicabango yami ukude.[e]
3 Uyangibona* lapho ngihamba nalapho ngilala;
Uyazazi zonke izindlela zami.[f]
4 Akukho zwi olimini lwami,
Kodwa bheka! Jehova, wena usulazi kahle.[g]
5 Ngemuva nangaphambi kwami, ungizungezile;
Ubeka isandla sakho phezu kwami.
6 Ulwazi olunjalo angikwazi ukuluqonda.*
Luphakeme kakhulu, angikwazi ukulufinyelela.#[h]
7 Ngingawubalekela kanjani umoya wakho,
Ngingacasha kuphi lapho ungeke ungibone khona?[i]
8 Ukube bengingakhuphukela ezulwini, ubuyobe ulapho,
Ukube bengingalala eThuneni,* bheka! ubuyobe ulapho.[j]
9 Ukube bengingandiza ngamaphiko okuntwela kokusa
Ukuze ngiyohlala ngasolwandle olukude kakhulu,
10 Ngisho nalapho isandla sakho besiyongihola
Nesandla sakho sokudla besiyongibamba.[a]
11 Uma ngithi: "Ngokuqinisekile ubumnyama buzongimboza!"
Khona-ke ubusuku obungizungezile bebuyoba ukukhanya.
12 Ngisho nobumnyama bebungeke bube mnyama kakhulu kuwe,
Kodwa ubusuku bebuyokhanya njengemini;[b]
Ubumnyama buyafana nokukhanya kuwe.[c]
13 Ngoba wena wenza izinso zami;
Wangigcina ngisithekile* esibelethweni sikamama.[d]
14 Ngiyakudumisa ngenxa yokuthi ngenziwe ngendlela emangalisayo.[e]
Imisebenzi yakho iyamangalisa,[f]
Ngikwazi kahle lokhu.
15 Amathambo ami ayengafihlekile kuwe
Lapho ngenziwa ekusitheni,
Lapho ngelukwa ekujuleni komhlaba.[g]
16 Amehlo akho angibona ngisho ngisewumbungu;
Zonke izitho zawo zazilotshiwe encwadini yakho
Ngokuqondene nezinsuku ezabunjwa ngazo,
Kungakabi bikho nesisodwa sazo.
17 Ave iyigugu imicabango yakho kimi![h]
O Nkulunkulu, yeka indlela eminingi ngayo![i]

---

**139:3** *NgesiHebheru, "Uyangikala." **139:6** *Noma, "lumangalisa kakhulu kimi." #Noma, "ukuluqonda." **139:8** *Noma, "eShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**139:13** *Noma kungaba, "ngelukiwe."

ISAHL. 138
a Hu 103:17
b Job 14:15; Hu 71:18

ISAHL. 139
c 1Sa 16:6, 7; 1Kr 28:9; Hu 17:3; Hu 139:23; Jer 20:12
d Gen 16:13
e Hu 94:11
f Gen 28:15; 2Sa 8:14; Job 31:4; Hu 121:8; IzA 5:21
g Heb 4:12
h Job 26:14; Job 42:3; Hu 40:5; Rom 11:33
i Jon 1:3
j Job 26:6; IzA 15:11

Uhla 2
a Hu 63:8; Hu 73:23; Isay 41:13
b Dan 2:22
c Heb 4:13
d Hu 22:9; Hu 71:6; Jer 1:5
e Gen 1:26
f Hu 19:1; Hu 104:24; Hu 111:2; IsA 15:3
g Job 10:10, 11
h Isay 55:9
i Rom 11:33

**18** Uma ngizama ukuyibala, miningi kunezinhlayiya zesihlabathi.[a]
Lapho ngiphaphama, ngisenawe.*[b]
**19** O Nkulunkulu, ukube nje ubungambulala omubi![c]
Khona-ke abantu abanodlame* bebeyosuka kimi,
**20** Labo abakhuluma izinto ngawe ngezinhloso ezimbi;*
Bayizitha zakho ezidelela igama lakho.[d]
**21** Angibazondi yini labo abakuzondayo, Jehova,[e]
Angibenyanyi yini abakuvukelayo?[f]
**22** Ngibazonda ngokuphelele;[g]
Sebeyizitha zami zangempela.
**23** O Nkulunkulu ngihlole, wazi inhliziyo yami.[h]
Ngihlole, wazi imicabango yami engikhathazayo.*[i]
**24** Bheka ukuthi ikhona yini indlela elimazayo kimi,[j]
Ungihole[k] ngendlela yaphakade.

Kumqondisi.
Ihubo likaDavide.

**140** O Jehova, ngikhulule kubantu ababi;
Ngivikele kubantu abanobudlova,[l]
**2** Labo abaceba izinto ezimbi ezinhliziyweni zabo[m]
Ababhebhezela ingxabano usuku lonke.
**3** Balola ulimi lwabo njengolwenyoka;[n]
Ubuthi benyoka busezindebeni zabo.[o] (*Sela*)
**4** O Jehova, ngivikele ezandleni zababi;[p]
Ungiqaphe kubantu abanobudlova,
Labo abaceba ukungiwisa.
**5** Abazidlayo bangifihlela isicupho;
Bendlala inethi ngezintambo eceleni kwendlela.[a]
Bangibekela izihibe.[b] (*Sela*)
**6** Ngithi kuJehova: "Wena unguNkulunkulu wami.
O Jehova, lalela lapho ngicela usizo."[c]
**7** O Jehova Nkosi EnguMbusi, Msindisi wami onamandla,
Uvikela ikhanda lami ngosuku lwempi.[d]
**8** O Jehova, ungabaniki ababi lokho abakufisayo.
Ungawaphumelelisi amacebo abo, ukuze bangaphakami.[e] (*Sela*)
**9** Kwangathi amakhanda alabo abangizungezile
Angambozwa ububi obuphuma ezindebeni zabo.[f]
**10** Kwangathi amalahle avuthayo angawela phezu kwabo.[g]
Mabaphonswe emlilweni,
Emigodini ejulile,*[h] bangaphinde bavuke.
**11** Kwangathi umnyundeli angeyithole indawo emhlabeni.*[i]
Kwangathi ububi bungabajaha abantu abanobudlova bubabulale.
**12** Ngiyazi ukuthi uJehova uyomvikela ophansi
Amenzele ubulungisa ompofu.[j]
**13** Ngokuqinisekile abalungile bayolibonga igama lakho;
Abaqotho bayohlala phambi kobuso bakho.*[k]

139:18 *Noma kungaba, "ngizobe ngisaqhubeka ngiyibala." **139:19** *Noma, "abanecala legazi." **139:20** *Noma, "ngokomqondo wabo." **139:23** *Noma, "engincisha ukuthula."

**140:10** *Noma, "enamanzi." **140:11** *Noma, "ezweni." **140:13** *Noma, "phambi kwakho."

ISAHL. 139
a Hu 40:5
b Hu 63:6
c Hu 5:6
d Eks 20:7
e 2Kr 19:2, 2Ko 6:14
f Hu 119:158
g Hu 101:3
h Jer 20:12
i Hu 94:19
j Hu 17:3
k Hu 5:8, Hu 143:8, Hu 143:10

ISAHL. 140
l Hu 18:48, Hu 59:1
m Hu 64:2, 6
n Hu 52:1, 2, Hu 58:3, 4
o Rom 3:13, Jak 3:8
p Hu 17:8, Hu 36:11, Hu 71:4

Uhla 2
a Hu 10:9
b Jer 18:22
c Hu 28:2, Hu 55:1
d 1Sa 17:37
e 2Sa 15:31, Hu 27:12
f Hu 7:16, IzA 12:13
g Hu 11:5, 6
h Hu 55:23
i Hu 12:3
j Hu 10:17, 18, Hu 22:24
k Hu 23:6

Ihubo likaDavide.

**141** O Jehova, ngiyakubiza.[a]
Shesha uzongisiza.[b]
Ngilalele lapho ngikubiza.[c]
2 Kwangathi umthandazo wami ungaba njengempepho[d] elungisiwe phambi kwakho,[e]
Izandla zami eziphakanyisiwe zibe njengomnikelo wokudla okusanhlamvu wakusihlwa.[f]
3 O Jehova, bekela umlomo wami umqaphi,
Beka umlindi aqaphe umnyango wezindebe zami.[g]
4 Ungayivumeli inhliziyo yami ukuba ithande okubi,[h]
Ukuba ngenze izinto ezimbi nabantu ababi;
Sengathi ngingezitike ngezibiliboco zabo.
5 Uma olungile engangishaya, ubeyobe engibonisa uthando oluqotho;[i]
Uma engisola, bekuyoba njengamafutha ekhanda lami,[j]
Ikhanda lami elingeke liwenqabe.[k]
Umthandazo wami ubuyoqhubeka ngisho nalapho ebhekene nezinhlekelele.
6 Nakuba abahluleli babo bephonswa phansi eweni,
Abantu bayowezwa amazwi ami ngoba amnandi.
7 Njengalapho umuntu elima, eqhekeza umhlabathi,
Amathambo ethu asakazeke kanjalo emlonyeni weThuna.*
8 Kodwa amehlo ami abheke kuwe, O Jehova Nkosi EnguMbusi.[l]
Ngiphephele kuwe.
Ungakususi ukuphila kwami.
9 Ngivikele ekubanjweni yisicupho abangibekele sona,
Ezingibeni zabenzi bokubi.
10 Ababi bayowela emanethini abo kanyekanye[a]
Kuyilapho mina ngidlula ngokuphepha.

Imaskili* likaDavide lapho esemhumeni.[b] Umthandazo.

**142** Ngezwi lami, ngicela usizo kuJehova;[c]
Ngezwi lami, ngincenga uJehova ukuba angibonise umusa.
2 Ngithululela ukukhathazeka kwami kuye;
Ngimtshela ngokucindezeleka kwami[d]
3 Lapho umoya wami udangala* ngaphakathi kimi.
Khona-ke wena uqapha indlela yami.[e]
Endleleni engihamba kuyo,
Bangifihlela isicupho.
4 Bheka ngasesandleni sami sokudla ubone
Ukuthi akekho noyedwa onendaba nami.*[f]
Akukho lapho ngingabalekela khona;[g]
Akekho noyedwa ozikhathaza ngami.
5 O Jehova, ngilucela kuwe usizo.
Ngithi: “Wena uyisiphephelo sami,[h]
Uwukuphela komuntu enginaye* ezweni labaphilayo.”
6 Lalela lapho ngikhalela usizo,

---

**ISAHL. 141**
a Hu 31:17
b Hu 40:13; Hu 70:5
c Hu 39:12
d Eks 30:34-36
e Luk 1:9, 10; IsA 5:8; IsA 8:3, 4
f Eks 29:41
g IzA 13:3; IzA 21:23; Jak 1:26
h 1Kh 8:58; Hu 119:36
i 2Sa 12:7, 9; IzA 17:10; Gal 6:1
j IzA 6:23; Jak 5:14
k IzA 9:8; IzA 19:25; IzA 25:12
l 2Kr 20:12; Hu 25:15

**Uhla 2**
a Est 7:10; Hu 7:14, 15; Hu 9:15; Hu 57:6

**ISAHL. 142**
b 1Sa 22:1; 1Sa 24:3; Heb 11:32, 38
c Hu 28:2; Hu 141:1
d Hu 18:6; Jon 2:7; Mat 26:38, 39; Mar 15:34; Heb 5:7
e Hu 139:3
f Hu 31:11; Hu 69:20
g 1Sa 23:11
h IzA 18:10

---

**141:7** *Noma, “weShiyoli,” okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**142:0** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **142:3** *Noma, “amandla ami ephela.” **142:4** *NgesiHebheru, “ongiqaphelayo.” **142:5** *NgesiHebheru, “Uyisabelo sami.”

Ngoba ngithotshiswe kakhulu.
Ngikhulule kulabo abangishushisayo,[a]
Ngoba banamandla kunami.
7 Ngikhiphe* ejele
Ukuze ngidumise igama lakho.
Kwangathi abalungile bangangizungeza
Ngoba ungiphatha ngomusa.

Ihubo likaDavide.

143 O Jehova, yizwa umthandazo wami;[b]
Lalela lapho ngikhalela usizo.
Ngokwethembeka kwakho nangokulunga kwakho, ngiphendule.
2 Ungayahluleli inceku yakho,
Ngoba akukho muntu ophilayo ongaba olungile phambi kwakho.[c]
3 Ngoba isitha siyangijaha;
Sichobozele ukuphila kwami emhlabathini.
Singibangele ukuba ngihlale ebumnyameni njengalabo abafa kudala.
4 Ngiphelelwa amandla;*[d]
Inhliziyo yami indikindiki.[e]
5 Ngikhumbula izinsuku zakudala;
Ngicabanga ngawo wonke umsebenzi wakho;[f]
Ngizindla* ngomsebenzi wezandla zakho.
6 Ngelulela izandla zami kuwe;
Nginjengezwe elomile, elomele wena.[g] (*Sela*)
7 O Jehova, ngiphendule ngokushesha;[h]
Amandla ami aphelile.*[a]
Ungangifihleli ubuso bakho,[b]
Ngale kwalokho ngizofana nalabo abehlela egodini.#[c]
8 Mangizwe uthando lwakho oluqotho ekuseni,
Ngoba ngithembele kuwe.
Ngazise indlela okufanele ngihambe ngayo,[d]
Ngoba ngiphendukela kuwe.
9 Jehova, ngikhulule ezithenі zami.
Ngifuna ukuvikelwa nguwe.[e]
10 Ngifundise ukwenza intando yakho,[f]
Ngoba wena unguNkulunkulu wami.
Umoya wakho muhle;
Kwangathi ungangihola emhlabathini oqondile.*
11 Ngilonde ngenxa yegama lakho Jehova.
Ngikhulule osizini ngokulunga kwakho.[g]
12 Ziqothule* zonke izitha zami ngenxa yothando lwakho oluqotho;[h]
Babhubhise bonke abangihlukumezayo,[i]
Ngoba ngiyinceku yakho.[j]

ElikaDavide.

144 Makadunyiswe uJehova iDwala[k] lami,
Ongiqeqeshela impi,
Angifundise ukulwa.[l]
2 Ungibonisa uthando oluqotho futhi uyisiphephelo sami,
Indawo yami yokuphephela* elondekile nomkhululi wami,

**ISAHL. 142**
a 1Sa 20:33; 1Sa 23:26; 1Sa 25:29

**ISAHL. 143**
b Hu 65:2
c Job 9:2; Hu 130:3; Shu 7:20; Rom 3:20; Gal 2:16; 1Jo 1:10
d Hu 142:3
e Hu 102:4
f Hu 77:5, 6; Hu 77:11, 12; Hu 111:2, 3
g Hu 63:1
h Hu 40:13; Hu 70:5

**Uhla 2**
a Hu 142:3
b Hu 27:9
c Hu 28:1
d Hu 5:8; IzA 3:6
e Hu 59:1; Hu 61:3, 4; Hu 91:1
f Hu 25:4
g Hu 31:1
h 1Sa 25:29; 1Sa 26:9, 10
i 1Sa 24:12
j Hu 89:20

**ISAHL. 144**
k Dut 32:4
l 2Sa 22:35; Hu 18:2, 34

**142:7** *Noma, "Khipha umphefumulo wami." **143:4** *Noma, "Umoya wami uyaphela." **143:5** *Noma, "Ngifunda." **143:7** *NgesiHebheru, "Umoya wami uphelile." #Noma, "ethuneni." **143:10** *Noma, "ezweni lobuqotho." **143:12** *NgesiHebheru, "Zithulise." **144:2** *Noma, "ephakeme."

Ihawu lami naLowo engiphephele kuye,[a]
Othobisa izizwe ngaphansi kwami.[b]
3 O Jehova, uyini umuntu ukuba umqaphele,
Indodana yomuntu ofayo ukuba uyinake?[c]
4 Umuntu ufana nomoya nje okhishwa ngamakhala;[d]
Izinsuku zakhe zinjengethunzi elidlulayo.[e]
5 O Jehova, thobisa* amazulu akho wehle;[f]
Thinta izintaba ukuze zishunqe intuthu.[g]
6 Khanyisa ngombani uhlakaze izitha;[h]
Cibishela imicibisholo yakho uziphithizelise.[i]
7 Yelula izandla zakho usendaweni ephakeme;
Ngikhulule ungisindise ezikhukhuleni,
Esandleni sabezinye* izizwe,[j]
8 Abakhuluma amanga ngemilomo yabo
Nabaphakamisa isandla sabo sokudla ukuze bafunge amanga.*
9 O Nkulunkulu, ngizokuculela ingoma entsha.[k]
Ngizokuhubela,* ngikudlalele insimbi yomculo enezintambo eziyishumi,
10 Wena osiza amakhosi ukuba anqobe,*[l]
Okhulula inceku yakhe uDavide enkembeni ebulalayo.[m]
11 Ngikhulule ungisindise esandleni sabezinye izizwe,
Abakhuluma amanga ngemilomo yabo
Nabaphakamisa isandla sabo sokudla ukuze bafunge amanga.
12 Khona-ke amadodana ethu azoba njengezithombo zezitshalo ezikhula ngokushesha,
Amadodakazi ethu abe njengezinsika ezihlobise emakhoneni asesigodlweni.
13 Izinqolobane zethu ziyogcwala imikhiqizo enhlobonhlobo;
Imihlambi yethu iyokwanda ngokuphindwe ngezinkulungwane, ngamashumi ezinkulungwane.
14 Izinkomo zethu ezimithi ngeke zehlelwe yingozi noma ziphunze;*
Ngeke kukhalwe ngenxa yokucindezeleka ezigcawini zethu.
15 Bayajabula abantu okubahambela ngale ndlela!
Bayajabula abantu abanoNkulunkulu onguJehova![a]

Ingoma kaDavide yokudumisa.

א [*Aleph*]

**145** Ngizokuphakamisa, Nkulunkulu wami Nkosi,[b]
Ngizolidumisa igama lakho kuze kube phakade naphakade.[c]

ב [*Beth*]

2 Usuku lonke ngizokudumisa;[d]
Ngizolidumisa igama lakho kuze kube phakade naphakade.[e]

ג [*Gimel*]

3 UJehova mkhulu futhi kumele adunyiswe kakhulu;[f]

---

**144:5** *Noma, "goba." **144:7** *Noma, "Ekuxhakathisweni ezinye." **144:8** *NgesiHebheru, "Nabasandla sabo sokudla siyisandla sokudla samanga." **144:9** *Noma, "Ngizohlabelela." **144:10** *Noma, "onika amakhosi insindiso."

**144:14** *Ukuzala kwesilwane kungakabi yisikhathi, inkonyane life.

ISAHL. 144
a 2Sa 22:2, 3
b Hu 18:47
c Hu 8:4; Heb 2:6
d Hu 39:5
e 1Kr 29:15; Job 14:1, 2
f Hu 18:9
g Eks 19:18
h Job 36:32
i 2Sa 22:15
j 2Sa 22:17, 18; Hu 18:16, 17; Hu 54:3
k Hu 33:3; Hu 40:3; Hu 96:1; Isay 42:10; IsA 5:9; IsA 14:3
l 2Sa 5:19; Hu 18:50
m 1Sa 17:45, 46; 2Sa 21:15, 17

Uhla 2
a Hu 33:12; Hu 37:9; Hu 37:37; Hu 146:5

ISAHL. 145
b Isay 33:22; IsA 11:17
c 1Kr 29:10
d Hu 119:164
e Hu 146:2
f Hu 150:2; Rom 1:20; IsA 15:3

Ubukhulu bakhe abuphe-
nyeki.*[a]

ד [*Daleth*]

4 Isizukulwane ngesizuku-
lwane siyodumisa imise-
benzi yakho;
Siyolandisa ngezenzo
zakho zamandla.[b]

ה [*He*]

5 Siyokhuluma ngobukhazi-
khazi bobukhulu bakho[c]
Ngizozindla ngemisebenzi
yakho emangalisayo.

ו [*Waw*]

6 Siyokhuluma ngezenzo*
zakho ezimangalisayo,
Ngizomemezela ngobukhu-
lu bakho.

ז [*Zayin*]

7 Ngeke siwuvale umlomo la-
pho sikhumbula ubukhu-
lu bobuhle bakho,[d]
Siyomemeza ngenjabulo
ngenxa yokulunga kwa-
kho.[e]

ח [*Heth*]

8 UJehova unozwela*
nesihe,[f]
Uyephuza ukuthukuthela
futhi lukhulu uthando
lwakhe oluqotho.[g]

ט [*Teth*]

9 UJehova muhle kubo
bonke,[h]
Isihe sakhe sibonakala
kuyo yonke imisebenzi
yakhe.

י [*Yod*]

10 Yonke imisebenzi yakho
iyokudumisa, Jehova,[i]
Abantu bakho abaqotho
bayokudumisa.[j]

כ [*Kaph*]

11 Bayomemezela ngenkazi-
mulo yobukhosi bakho[k]
Bakhulume nangamandla
akho,[l]

ל [*Lamed*]

12 Ukuze benze izenzo
zakho zamandla zaziwe
kubantu[a]
Nenkazimulo yobukhosi
bakho.[b]

מ [*Mem*]

13 Ubukhosi bakho buwubu-
khosi baphakade,
Nombuso wakho
uhlala kuzo zonke izizu-
kulwane.[c]

ס [*Samekh*]

14 UJehova usekela bonke
abawayo[d]
Uvusa bonke abakho-
theme.[e]

ע [*Ayin*]

15 Yonke indalo ibheka* kuwe
ngethemba;
Uyinika ukudla kwayo nge-
nkathi yako.[f]

פ [*Pe*]

16 Uvula isandla sakho
Wanelise isifiso sayo yonke
into ephilayo.[g]

צ [*Tsade*]

17 UJehova ulungile kuzo
zonke izindlela zakhe[h]
Uqotho kukho konke akwe-
nzayo.[i]

ק [*Qoph*]

18 UJehova useduze nabo
bonke abambizayo,[j]
Useduze nabo bonke aba-
mbiza ngeqiniso.*[k]

ר [*Resh*]

19 Wanelisa isifiso salabo
abamesabayo;[l]
Uyakuzwa ukukhalela kwa-
bo usizo, abakhulule.[m]

ש [*Shin*]

20 UJehova uqapha bonke
abamthandayo,[n]
Kodwa bonke ababi
uyobabhuqa.[o]

**145:3** *Noma, "abuqondakali." **145:6** *Noma, "ngamandla." **145:8** *Noma, "unomusa."

**145:15** *Noma, "Wonke amehlo abheka." **145:18** *Noma, "ngobuqotho."

**ISAHL. 145**
a Job 26:14; Hu 139:6; Rom 11:33
b Eks 12:26, 27
c Hu 8:1
d 1Kh 8:66; Hu 13:6; Hu 31:19; Isay 63:7; Jer 31:12
e Hu 51:14; IsA 15:3
f 2Kr 30:9; Efe 2:4
g Eks 34:6; Neh 9:17
h Hu 25:8; Nah 1:7; Mat 5:44, 45; IzE 14:17; Jak 1:17
i Hu 19:1
j Hu 30:4; Heb 13:15
k Luk 10:8, 9
l Dut 3:24; 1Kr 29:11; IsA 15:3

**Uhla 2**
a Hu 98:1
b Hu 103:19
c Hu 146:10; 1Ti 1:17
d Hu 37:23, 24; Hu 94:18
e Hu 146:8
f Gen 1:30; Hu 136:25
g Hu 104:27, 28; Hu 107:9; Hu 132:14, 15
h Gen 18:25; Dut 32:4
i Hu 18:25; IsA 15:3, 4
j Hu 34:18; Jak 4:8
k Hu 17:1
l Hu 34:9
m Hu 37:39, 40; Hu 50:15
n Hu 31:23; Hu 97:10
o IzA 2:22

ת [*Taw*]

21 Umlomo wami uyokhuluma ngodumo lukaJehova;[a]
Yonke into ephilayo mayidumise igama lakhe elingcwele kuze kube phakade naphakade.[b]

146 Dumisani uJah!*[c]
Dumisa uJehova,[d] mphefumulo wami.#
2 Ngizomdumisa uJehova ukuphila kwami konke.
Ngizomhubela* uNkulunkulu wami uma nje ngisaphila.
3 Ningabeki ithemba lenu ezikhulwini,*
Noma endodaneni yomuntu, engenakukwazi ukusindisa.[e]
4 Umoya wayo uyaphuma,* iphindele emhlabathini;[f]
Ngalolo suku imicabango yayo iyashabalala.[g]
5 Uyajabula lowo osizwa nguNkulunkulu kaJakobe,[h]
Othembele kuJehova uNkulunkulu wakhe,[i]
6 UMenzi wezulu nomhlaba,
Wolwandle, nowakho konke okukukho,[j]
Ohlala ethembekile ngaso sonke isikhathi,[k]
7 Owenzela abaqoliwe ubulungisa,
Onika abalambile isinkwa.[l]
UJehova ukhulula iziboshwa.*[m]
8 UJehova uvula amehlo ezimpumputhe;[n]
UJehova uvusa abakhotheme;[o]
UJehova uyabathanda abalungile.
9 UJehova uvikela izifiki;
Usekela intandane nomfelokazi,[a]
Kodwa uyawabhuntshisa amacebo ababi.*[b]
10 UJehova uyoba yiNkosi kuze kube phakade,[c]
UNkulunkulu wakho, Ziyoni, esizukulwaneni ngesizukulwane.
Dumisani uJah!*

147 Dumisani uJah!*
Kuhle ukuhubela# uNkulunkulu wethu;
Kumnandi futhi kuyafaneleka ukumdumisa![d]
2 UJehova wakha iJerusalema;[e]
Ubaqoqela ndawonye abahlakazekile bakwa-Israyeli.[f]
3 Upholisa izinhliziyo eziphukile;
Abophe amanxeba abo.
4 Ubala izinkanyezi;
Zonke uzibiza ngamagama.[g]
5 INkosi yethu inkulu, inamandla amakhulu;[h]
Ukuqonda kwayo akunamkhawulo.[i]
6 UJehova uphakamisa abamnene,[j]
Kodwa ababi ubaphonsa phansi emhlabathini.
7 Hubelani uJehova nimbonge;
Hubelani uNkulunkulu wethu ngehabhu,
8 Omboza amazulu ngamafu,
Oletha imvula emhlabeni,[k]
Owenza ukuba kuhlume utshani[l] ezintabeni.

---

**146:1** *Noma, "Haleluya!" Elithi "Jah" liyisifushaniso segama elithi Jehova. #Noma, "Mangidumise uJehova ngenhliziyo yami yonke." **146:2** *Noma, "Ngizomdlalela izinsimbi zomculo." **146:3** *Noma, "ezicukuthwaneni." **146:4** *Noma, "Iyayeka ukuphefumula." **146:7** *NgesiHebheru, "ababoshiwe."

**146:9** *Noma, "uyayigwegwisa indlela yababi." **146:10; 147:1** *Noma, "Haleluya!" Elithi "Jah" liyisifushaniso segama elithi Jehova. **147:1** #Noma, "ukumdlalela izinsimbi zomculo."

ISAHL. 145
a Hu 34:1; Hu 51:15
b Hu 117:1; Hu 150:6

ISAHL. 146
c IsA 19:6
d Hu 103:1
e Hu 62:9; Hu 118:8, 9; Isay 2:22; Jer 17:5
f Gen 3:19; Hu 104:29; Shu 3:20; Shu 12:7
g Shu 9:5, 10; Isay 38:18
h Hu 46:7
i Hu 71:5; Jer 17:7
j IzE 4:24; IsA 14:7
k Dut 7:9
l Hu 107:9; Hu 145:16
m Hu 107:14; Hu 142:7
n Isay 29:18; Isay 35:5
o Hu 145:14; 2Ko 7:6

Uhla 2
a Dut 10:18; Hu 68:5
b Hu 145:20
c Eks 15:18; Dan 6:26; IsA 11:15

ISAHL. 147
d Hu 135:3
e Hu 102:16
f Dut 30:1-3; Hez 36:24
g Isay 40:26
h Nah 1:3
i Isay 40:28; Rom 11:33
j Hu 37:11
k 1Kh 18:45; Jer 14:22; Mat 5:45
l Job 38:25-27; Isay 30:23

9 Upha izilwane ukudla,[a]
Aphe amaphuphu amagwa-
baba akukhalelayo.[b]
10 Akajatshuliswa amandla
ehhashi;[c]
Nejubane lomuntu alimja-
bulisi.[d]
11 UJehova ujabula ngalabo
abamesabayo,[e]
Ngalabo abalinda uthando
lwakhe oluqotho.[f]
12 O Jerusalema, khazimulisa
uJehova.
Dumisa uNkulunkulu wa-
kho Ziyoni.
13 Wenza imigoqo yamasango
edolobha lakho iqine;
Ubusisa amadodana akho.
14 Uletha ukuthula endaweni
yakho;[g]
Ukwanelisa ngokolweni
omuhle.*[h]
15 Uthumela umyalo wakhe
emhlabeni;
Izwi lakhe ligijima ngeju-
bane.
16 Uletha iqhwa njengoboya;[i]
Uhlakaza isithwathwa nje-
ngomlotha.[j]
17 Uphonsa phansi isichotho*
sakhe njengezingcezwana
zesinkwa.[k]
Ubani ongawamela ama-
khaza akhe?[l]
18 Uthumela izwi lakhe, iqhwa
lincibilike.
Ubangela umoya wakhe
ukuba uvunguze,[m] amanzi
ageleze.
19 Izwi lakhe ulitshela uJa-
kobe,
Iziqondiso zakhe nezahlule-
lo zakhe uzitshela u-Isra-
yeli.[n]
20 Akenzanga kanjalo kunoma
yisiphi esinye isizwe;[o]
Izizwe azazi lutho ngemi-
thetho yakhe.
Dumisani uJah!*[a]

**148** Dumisani uJah!*
Dumisani uJehova
emazulwini;[b]
Mdumiseni ezindaweni
eziphakeme.
2 Mdumiseni, nonke nina
zingelosi zakhe.[c]
Mdumiseni, nonke nina
butho lakhe.[d]
3 Mdumiseni, nina langa
nenyanga.
Mdumiseni, nonke nina zi-
nkanyezi ezikhanyayo.[e]
4 Mdumiseni, mazulu apha-
keme,*
Nani manzi angaphezu
kwamazulu.
5 Makudumise igama likaJe-
hova,
Ngoba wayala, kwadalwa.[f]
6 Ukugcina kumi phakade na-
phakade;[g]
Ukhiphe umyalo ongeke
udlule.[h]
7 Dumisani uJehova emhla-
beni,
Nina zilwane ezinkulu za-
solwandle nani manzi aju-
lile,
8 Wena mbani nesichotho, li-
qhwa namafu amnyama,
Wena moya onesiphepho,
ofeza izwi lakhe,[i]
9 Nina zintaba nani nonke
magquma,[j]
Nina zihlahla ezithela izi-
thelo nani nonke mise-
dari,[k]
10 Nina zilwane zasendle[l]
nani nonke zilwane ezifu-
ywayo,
Nina zinto ezinwabuzelayo
nezinyoni ezinamaphiko,

---

**147:14** *NgesiHebheru, "ngamanoni ka-kolweni." **147:17** *Noma, "iqhwa."

**147:20; 148:1** *Noma, "Haleluya!" Elithi "Jah" liyisifushaniso segama elithi Jehova. **148:4** *NgesiHebheru, "mazulu amazulu."

ISAHL. 147
a Hu 136:25
b Job 38:41; Luk 12:24
c Isay 31:1; Hos 1:7
d 1Sa 16:7
e Mal 3:16
f Hu 33:18
g Lev 26:6; Isay 60:17
h Dut 8:7, 8; Hu 132:14, 15
i Job 37:6
j Job 38:29
k Jos 10:11
l Job 37:10
m Hu 148:8
n Dut 4:5
o Eks 19:5; Eks 31:16, 17; Dut 4:8; 1Kr 17:21; Rom 3:1, 2

Uhla 2
a IsA 19:6

ISAHL. 148
b Hu 89:5
c Hu 103:20; Luk 2:13
d Jer 32:18; Jud 14
e Hu 19:1
f Hu 33:6
g Hu 89:37
h Hu 119:91; Jer 31:35, 36; Jer 33:25
i Eks 9:23; Hu 107:25; Isay 30:30
j Hu 98:8
k 1Kr 16:33; Isay 44:23
l Isay 43:20

11 Nina makhosi omhlaba nani
nonke zizwe,
Nina zikhulu nani nonke
bahluleli bomhlaba,[a]
12 Nina zinsizwa nani zinto-
mbi,*
Nina maxhegu kanye naba-
fana.#
13 Dumisani igama likaJe-
hova,
Ngoba igama lakhe lodwa li-
phakeme ngokungenaku-
finyelelwa.[b]
Isithunzi sakhe singaphezu
komhlaba nezulu.[c]
14 Uyophakamisa amandla*
abantu bakhe,
Ukuze badunyiswe bonke
abaqotho bakhe,
Kudunyiswe abantwana ba-
kwa-Israyeli, abantu aba-
seduze naye.
Dumisani uJah!#

149 Dumisani uJah!#
Hubelani uJehova
ingoma entsha;[d]
Mdumiseni ebandleni laba-
qotho.[e]
2 U-Israyeli makathokoze
ngoMenzi wakhe
Omkhulu;[f]
Amadodana aseZiyoni ma-
wajabule ngeNkosi yawo.
3 Mawadumise igama lakhe
ngokudansa[g]
Mawamhubele,* adlale itha-
mborini nehabhu.[h]
4 Ngoba uJehova uyajabula
ngabantu bakhe.[i]
Uhlobisa abamnene ngensi-
ndiso.[j]
5 Abaqotho mabethabe nge-
nkazimulo;
Mabamemeze ngenjabulo
emibhedeni yabo.[a]
6 Izingoma ezidumisa uNku-
lunkulu mazibe semilo-
nyeni yabo,
Nenkemba esika nhlango-
thi zombili ibe sesandleni
sabo,
7 Ukuze bakhiphe impindise-
lo ezizweni,
Nesijeziso kubantu,
8 Ukuze babophe amakhosi
azo ngozankosi
Nezikhulu zazo ngozankosi
bensimbi,
9 Ukuze bakhiphe isahlulelo
esilotshiwe ngokumelene
nazo.[b]
Leli lungelo lingelabo bo-
nke abaqotho bakhe.
Dumisani uJah!#

150 Dumisani uJah!#[c]
Dumisani uNkulunku-
lu endaweni yakhe
engcwele.[d]
Mdumiseni emkhathini ofa-
kazela amandla* akhe.[e]
2 Mdumiseni ngenxa yemise-
benzi yakhe emikhulu.[f]
Mdumiseni ngenxa yobu-
khulu bakhe obudlulele.[g]
3 Mdumiseni ngokushaya
uphondo.[h]
Mdumiseni ngensimbi yo-
mculo enezintambo na-
ngehabhu.[i]
4 Mdumiseni ngethamborini[j]
nangomdanso wesiyingi.
Mdumiseni ngezintambo[k]
nangomtshingo.*[l]
5 Mdumiseni ngamasimbali
anomnkenenezo.
Mdumiseni ngamasimbali
akhencezayo.[m]
6 Konke okuphefumulayo
—makudumise uJah.
Dumisani uJah!#[n]

ISAHL. 148
a Hu 2:10, 11
b Hu 8:1; Isay 12:4
c 1Kh 8:27; 1Kr 29:11

ISAHL. 149
d Hu 33:3; Hu 96:1; Isay 42:10; IsA 5:9
e Hu 22:22
f Hu 100:3; Isay 54:5
g Hlu 11:34
h Eks 15:20; Hu 150:4
i Hu 84:11
j Hu 132:16; Isay 61:10

Uhla 2
a Hu 63:6
b Dut 7:1

ISAHL. 150
c IsA 19:6
d Hu 116:19
e Hu 19:1
f Hu 107:15; IsA 15:3
g Dut 3:24; Hu 145:3
h Hu 81:3
i 1Kr 15:28
j Eks 15:20
k Hu 92:1, 3; Hu 144:9
l 1Sa 10:5
m 2Sa 6:5; 1Kr 15:19; 1Kr 16:5
n IsA 5:13

**148:12** *NgesiHebheru, "matshitshi." #Noma, "Abadala nabancane." **148:14** *NgesiHebheru, "uphondo." **148:14; 149:1, 9; 150:1, 6** #Noma, "Haleluya!" Elithi "Jah" liyisifushaniso segama elithi Jehova. **149:3** *Noma, "Mawamdlalele izinsimbi zomculo."

**150:1** *Noma, "esibhakabhakeni samandla." **150:4** *Noma, "nangegemfe."

# IZAGA

## UHLU LOKUPHAKATHI


1 Injongo yezaga (1-7)
Izingozi zokuzihlanganisa nababi (8-19)
Ukuhlakanipha kweqiniso kumemeza obala (20-33)

2 Ukubaluleka kokuhlakanipha (1-22)
Funa ukuhlakanipha njengokungathi kuyingcebo efihliwe (4)
Ikhono lokucabanga liyisivikelo (11)
Ukuziphatha okubi kuletha inhlekelele (16-19)

3 Hlakanipha uthembele kuJehova (1-12)
Dumisa uJehova ngezinto eziyigugu (9)
Ukuhlakanipha kuletha injabulo (13-18)
Ukuhlakanipha kuletha ukulondeka (19-26)
Ukuphatha kahle abanye (27-35)
Benzele okuhle abanye uma kungenzeka (27)

4 Imfundiso kababa ehlakaniphile (1-27)
Ngaphezu kwakho konke, zuza ukuhlakanipha (7)
Gwema izindlela ezimbi (14, 15)
Indlela yolungile iya ikhanya nakakhulu (18)
"Qapha inhliziyo yakho" (23)

5 Isexwayiso ngowesifazane ongenasimilo (1-14)
Jabula ngomkakho (15-23)

6 Qaphela ukwenza isiqinisekiso sokukhokha isikweletu (1-5)
"Yana entuthwaneni ufunde kuyo vila ndini" (6-11)
Umuntu omubi ongelusizo lwalutho (12-15)
Izinto eziyisikhombisa uJehova azizondayo (16-19)
Qapha owesifazane okhohlakele (20-35)

7 Yamukela imiyalo kaNkulunkulu uphile (1-5)
Insizwa entula ukuhlakanipha iyayengwa (6-27)
"Njengenkunzi iyohlatshwa" (22)

8 Ukuhlakanipha okwenziwe samuntu kuyakhuluma (1-36)
'Ngingowokuqala kuyo yonke imisebenzi kaNkulunkulu' (22)
'Ngiyisisebenzi esiyingcweti phambi kukaNkulunkulu' (30)
'Ngangiwathanda amadodana abantu' (31)

9 Ukuhlakanipha kweqiniso kubiza abantu (1-12)
"Ukuhlakanipha kuyokwenza izinsuku zakho zibe ziningi" (11)
Owesifazane oyisiphukuphuku ubiza abadlulayo (13-18)
"Amanzi ebiwe amtoti" (17)

10 IZAGA ZIKASOLOMONI (10:1–24:34)
Indodana ehlakaniphile yenza uyise ajabule (1)
Izandla ezikhuthele zenza umuntu acebe (4)
Ukukhuluma kakhulu kuletha iziphambeko (19)
Isibusiso sikaJehova siyacebisa (22)
Ukwesaba uJehova kwelula ukuphila (27)

11 Ukuhlakanipha kukwabanesizotha (2)
Isihlubuki silethela abanye inhlekelele (9)
"Ngabeluleki abaningi kuba nempumelelo" (14)
Umuntu ophanayo uyochuma (25)
Othembela engcebweni yakhe uyowa (28)

12 Ozonda ukusolwa untula ukuhlakanipha (1)
"Inkulumo engacatshangiwe injengokuhlaba kwenkemba" (18)
Ukukhuthaza ukuthula kuletha injabulo (20)
Izindebe eziqamba amanga ziyanengeka kuJehova (22)
Ukukhathazeka kwenza inhliziyo isindwe (25)

13 Labo abafuna iseluleko bahlakaniphile (10)
Ukuhlehliswa kwento elindelwe kugulisa inhliziyo (12)
Isithunywa esithembekile siletha ukuphulukiswa (17)
Ukuhamba nabahlakaniphile kwenza umuntu ahlakaniphe (20)
Isiyalo siwukubonisa uthando (24)

14 Inhliziyo iyabazi ubumunyu bayo (10)
Indlela ebonakala iyinhle ingase ibangele ukufa (12)
Isiphukuphuku sikholwa yikho konke esikuzwayo (15)
Baningi abangani besicebi (20)
Inhliziyo ezolile yenza umzimba uphile (30)

15 Impendulo emnene inqanda ukufutheka (1)
Amehlo kaJehova akuyo yonke indawo (3)
Umthandazo woqotho uyamjabulisa uNkulunkulu (8)
Amacebo awaphumeleli lapho kungekho khona ukubonisana (22)
Zindla ngaphambi kokuphendula (28)

16 UJehova uhlola izisusa (2)
Okwenzayo kwenzele uJehova (3)
Izikali ezinembile zivela kuJehova (11)
Ukuzidla kwandulela ukuphahlazeka (18)
Izinwele ezimpunga zingumqhele wobuhle (31)

17 Ungabuyiseli okuhle owenzelwe kona ngokubi (13)
Hamba ngaphambi kokuba kuqale ingxabano (14)
Umngani weqiniso ubonisa uthando ngaso sonke isikhathi (17)
"Inhliziyo ejabulayo ingumuthi owelaphayo" (22)
Umuntu onokuqonda uyawabamba amazwi akhe (27)

18 Ukuzihlukanisa kuwubugovu futhi akukona ukuhlakanipha (1)
Igama likaJehova lingumbhoshongo oqinile (10)
Ingcebo imane nje iyisivikelo esingekho (11)
Ukuhlakanipha kokulalela izinhlangothi zombili (17)
Umngani onamathela ngaphezu komfowenu (24)

19 Ukuqondisisa kuyaludambisa ulaka lomuntu (11)
Umfazi othanda ingxabano unjengophahla oluvuzayo (13)
Umfazi onokuqonda uvela kuJehova (14)
Yala ingane lisekhona ithemba (18)
Ukuhlakanipha kokulalela iseluleko (20)

20 Iwayini lingumhleki wosulu (1)
Ivila alilimi ebusika (4)
Imicabango yomuntu injengamanzi ajulile (5)
Isixwayiso ngokufunga ngokuxhamazela (25)
Udumo lwezinsizwa ngamandla azo (29)

21 UJehova uqondisa inhliziyo yenkosi (1)
Ubulungisa bungcono kunomhlatshelo (3)
Ukukhuthala kuholela empumelelweni (5)
Umuntu ongamlaleli ophansi ngeke alalelwe (13)
Akukho ukuhlakanipha okumelene noJehova (30)

22 Igama elihle lingcono kunengcebo eningi (1)
Ukusheshe uqeqeshe kuyohlala isikhathi eside (6)
Ivila lesaba ibhubesi ngaphandle (13)
Isiyalo siqeda ubuwula (15)
Isisebenzi esinekhono sikhonza amakhosi (29)

23 Bonisa ukuqonda lapho umenyiwe (2)
Ungazikhandli ufuna ingcebo (4)
Ingcebo ingandiza ikubalekele (5)
Ungabi phakathi kwabantu abaphuza kakhulu (20)
Utshwala buyokuluma njengenyoka (32)

24 Ungabi nomona ngabantu ababi (1)
Indlu yakhiwa ngokuhlakanipha (3)
Olungile angawa kodwa uyovuka (16)
Ungaphindiseli (29)
Ukulala kuletha inhlupheko (33, 34)

25 IZAGA ZIKASOLOMONI EZAKOPISHWA IZINCEKU ZENKOSI UHEZEKIYA (25:1–29:27)
Imfihlo (9)
Amazwi akhethwe kahle (11)
Ukuhlonipha umuzi kamakhelwane wakho (17)
Ukunqwabelanisa amalahle avuthayo ekhanda lesitha (21, 22)
Umbiko omuhle unjengamanzi abandayo (25)

26 Kuchazwa amavila (13-16)
Ungangeni engxabanweni yomunye umuntu (17)
Gwema ukwenza amahlaya alimazayo (18, 19)
Lapho kungekho zinkuni umlilo uyacima (20, 21)

Amazwi omnyundeli anjengokudla okumnandi (22)

27 Ukusolwa umngani kuyazuzisa (5, 6)
Ndodana, yenza inhliziyo yami ijabule (11)
Insimbi ilola insimbi (17)
Wazi umhlambi wakho (23)
Ingcebo ngeke ibe khona unomphela (24)

28 Umthandazo womuntu ongalaleli uyanengeka (9)
Ovuma izono uboniswa isihe (13)
Umuntu ojaha ukuceba akakwazi ukuba msulwa (20)
Ukusola kungcono kunokuthopha (23)
Ophanayo akasweli lutho (27)

29 Umntwana ongakhuzwa ubanga amahloni (15)
Ngaphandle kwesiqondiso sikaNkulunkulu, abantu bayanhlanhlatha (18)
Umuntu othukuthele ubhebhezela ingxabano (22)
Umuntu othobekile uthola udumo (23)
Ukwesaba abantu kuwugibe (25)

30 AMAZWI KA-AGURI (1-33)
Unganginiki ubumpofu noma ingcebo (8)
Izinto ezingalokothi zisuthe (15, 16)
Izinto ezingashiyi mkhondo (18, 19)
Owesifazane ophingayo (20)
Izilwane zihlakaniphe ngokwemvelo (24)

31 AMAZWI ENKOSI ULEMUWELI (1-31)
Ubani ongathola umfazi okhaliphile? (10)
Ukhuthele futhi usebenza kanzima (17)
Umusa usolimini lwakhe (26)
Umyeni nezingane bayamdumisa (28)
Ukukhanga nobuhle kuyadlula (30)


**1** Izaga zikaSolomoni,[a] indodana kaDavide,[b] inkosi yakwa-Israyeli:[c]

**2** Lezi zaga zibhalelwe ukuba
umuntu athole* ukuhlakanipha[d] amukele nesiyalo;
Aqonde amazwi ahlakaniphile;

**3** Athole isiyalo[e] esenza umuntu abe nokuqonda,
Ukulunga,[f] ikhono lokwahlulela*[g] nobuqotho;#

**4** Zihlakaniphisa[h] ongenalwazi;
Zinika insizwa ulwazi nekhono lokucabanga.[i]

**5** Umuntu ohlakaniphile uyalalela amukele afundiswa kona;[j]
Umuntu onokuqonda uthola isiqondiso esihlakaniphile[k]

**6** Ukuze aqonde isaga nesisho esingaqondakali kalula,*
Amazwi abantu abahlakaniphile neziphicaphicwano zabo.[a]

**7** Ukwesaba* uJehova kungukuqala kolwazi.[b]
Yiziwula kuphela ezizonda ukuhlakanipha nesiyalo.[c]

**8** Ndodana yami, lalela isiyalo sikayihlo,[d]
Ungayishiyi imfundiso* kanyoko.[e]

**9** Kuwumhlobiso omuhle ekhanda lakho[f]
Nomgexo omuhle entanyeni yakho.[g]

**10** Ndodana yami, uma izoni zizama ukukuyenga, ungavumi.[h]

**11** Uma zithi: "Hamba nathi.

ISAHL. 1
a 1Kh 4:29, 32; Shu 12:9
b 2Sa 12:24
c 1Kh 2:12
d IzA 8:11
e IzA 3:11, 12
f Heb 12:11
g 1Kh 3:28
h IzA 15:5
i IzA 2:11; IzA 3:21; IzA 8:12
j IzA 9:9
k 1Sa 25:32, 33; IzA 24:6

Uhla 2
a Shu 12:11
b Job 28:28; IzA 9:10
c IzA 5:12, 13; IzA 18:2
d Dut 6:6, 7; Efe 6:4; Heb 12:9
e Lev 19:3; IzA 31:26; 2Ti 1:5
f IzA 4:7, 9
g IzA 3:21, 22
h Gen 39:7, 8; Dut 13:6-8

**1:2** *NgesiHebheru, "azi." **1:3** *Noma, "lokho okuwubulungisa." #Noma, "nokungakhethi."

**1:6** *Noma, "nomzekeliso." **1:7** *Noma, "Ukuhlonipha." **1:8** *Noma, "umthetho."

Masibacuthele ukuze sichithe igazi.
Sizobalalela unyendle abantu abamsulwa.
12 Sizobagwinya bephila njengoba kwenza iThuna,*
Bephelele, njengalabo abehlela phansi egodini.
13 Masithathe zonke izimpahla zabo eziyigugu;
Sizogcwalisa impahla ephangiwe ezindlini zethu.
14 Kufanele uhambe nathi,
Esikwebile sizokwabelana kona ngokulinganayo."
15 Ndodana yami, ungabalandeli.
Ungahambi endleleni yabo,[a]
16 Ngoba izinyawo zabo zigijimela ekwenzeni okubi;
Bayashesha ukuchitha igazi.[b]
17 Kuyize leze ukwendlala inethi phambi kwenyoni ibuka.
18 Yingakho becuthela ukuchitha igazi;
Bayacutha ukuze babulale abanye abantu.
19 Lezi izindlela zalabo abafuna inzuzo ngokungathembeki,
Leyo nzuzo iyothatha ukuphila kwabo.[c]
20 Ukuhlakanipha kweqiniso[d] kumemeza kakhulu emgwaqweni.[e]
Kuqhubeka kuphakamisa izwi lako ezigcawini.[f]
21 Kumemeza ekhoneni lemigwaqo ephithizelayo.
Emasangweni amadolobha kuthi:[g]
22 "Kuyoze kube nini nina eningenalwazi nithanda ukungabi nalwazi?
Kuyoze kube nini nina bahleki bosulu nijatshuliswa ukuhleka usulu?
Kuyoze kube nini nina ziphukuphuku nizonda ulwazi?[a]
23 Ngilaleleni* lapho nginisola.[b]
Ngiyobe senginithululela umoya wami;
Ngiyonenza nazi amazwi ami.[c]
24 Ngenxa yokuthi nginimemezile, kodwa nangasabela,
Ngelula isandla sami, kodwa akukho muntu owayenakile,[d]
25 Benilokhu ningasinaki sonke iseluleko sami
Ningakwamukeli nokusola kwami,
26 Nami futhi ngiyohleka lapho nehlelwa inhlekelele;
Ngiyohleka usulu lapho kufika lokho enikwesabayo,[e]
27 Lapho lokho enikwesabayo kufika njengesivunguvungu,
Nenhlekelele inifikela njengesiphepho,
Lapho usizi nezinkathazo kunifikela.
28 Ngaleso sikhathi bayolokhu bengibiza, kodwa ngeke ngiphendule;
Bayongifuna phansi phezulu, kodwa ngeke bangithole,[f]
29 Ngenxa yokuthi baluzondile ulwazi,[g]
Futhi abakukhethanga ukwesaba uJehova.[h]
30 Basenqabile iseluleko sami;
Bakwedelelile konke ukusola kwami.
31 Ngakho bayobhekana ne-

1:12 *Noma, "iShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

1:23 *Noma, "Phendukani."

ISAHL. 1
a IzA 4:14; IzA 13:20; 1Ko 15:33
b IzA 6:16-18; Rom 3:15
c IzA 15:27
d Rom 16:27; 1Ko 1:20; Jak 3:17
e Mat 10:27
f IzA 8:1-3; IzA 9:1, 3
g Joh 18:20; IzE 20:20

Uhla 2
a IzA 5:12, 13; Joh 3:20
b Hu 141:5; IsA 3:19
c Isay 54:13
d Isay 65:12
e Hlu 10:13, 14
f IsiL 3:44
g Hos 4:6
h Hlu 5:8

miphumela* yezindlela
zabo,[a]
Bayosutha amacebo abo
kuze kweqe.
32 Ngoba abangenalwazi bayobulawa ukungalawuleki
kwabo,
Nokunganaki kweziphukuphuku kuyozibhubhisa.
33 Kodwa ongilalelayo uyohlala ngokulondeka[b]
Angaphazanyiswa ukwesaba inhlekelele."[c]

2 Ndodana yami, uma uwamukela amazwi ami
Uyibheka njengeyigugu imiyalo yami,[d]
2 Ngokwenza indlebe yakho inake ukuhlakanipha[e]
Nangokwenza inhliziyo yakho ifune ikhono lokwahlukanisa;*[f]
3 Ngaphezu kwalokho, uma umemeza ufuna ukuqonda[g]
Uphakamisa izwi lakho ufuna ikhono lokwahlukanisa;[h]
4 Uma uqhubeka ukufuna njengokungathi ufuna isiliva,[i]
Uqhubeka ukufuna njengokungathi ufuna ingcebo efihliwe;[j]
5 Ngokwenza kanjalo uyoqonda ukuthi kusho ukuthini ukwesaba uJehova,[k]
Futhi uyoluthola ulwazi ngoNkulunkulu.[l]
6 Ngoba uJehova unikeza ukuhlakanipha;[m]
Emlonyeni wakhe kuphuma ulwazi nokuqonda.
7 Abaqotho ubagcinela ukuhlakanipha;
Uyihawu kulabo abahamba ngobuqotho.[n]
8 Uqapha izindlela zobulungisa,
Uyoyiqapha indlela yabaqotho bakhe.[a]
9 Uma wenza kanjalo uyokuqonda okulungile, okunobulungisa nokufanele,
Yonke inkambo yokuhle.[b]
10 Lapho ukuhlakanipha kungena enhliziyweni yakho[c]
Nolwazi luba mnandi emphefumulweni* wakho,[d]
11 Ikhono lokucabanga liyokuqapha,[e]
Ikhono lokwahlukanisa liyokuvikela,
12 Ukuze likukhulule endleleni embi,
Kumuntu okhuluma izinto ezonakele,[f]
13 Kulabo abashiya izindlela zobuqotho
Ukuze bahambe ezindleleni zobumnyama,[g]
14 Kulabo abajatshuliswa ukwenza okubi,
Abathokoziswa izinto ezimbi ezonakele,
15 Labo abazindlela zabo zigwegwile
Abankambo yabo yonke iyakhohlisa.
16 Liyokuvikela kowesifazane ondindayo,*
Emazwini abushelelezi# owesifazane ongenasimilo,△[h]
17 Oshiya umyeni* wobusha bakhe[i]

1:31 *NgesiHebheru, "bayodla isithelo."
2:2 *Noma, "ukuqonda."

2:10 *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. 2:16 *NgesiHebheru, "ongaziwa." Ngokusobala, ongayilandeli imithetho kaNkulunkulu yokuziphatha. #Noma, "avusa inkanuko." △NgesiHebheru, "wesinye isizwe." Ngokusobala, ongahambisani nemithetho kaNkulunkulu yokuziphatha. 2:17 *Noma, "umngani omkhulu."

ISAHL. 1
a Jer 6:19; Gal 6:7
b Isay 48:18
c 2Kh 6:15, 16; Isay 26:3; 2Pe 2:9

ISAHL. 2
d Dut 6:6, 8
e IzA 1:5
f Heb 5:14
g 1Kh 3:11, 12; IzA 9:10; 2Ti 2:7
h Flp 1:9
i Hu 19:9, 10
j Job 28:15-18
k Job 28:28; IzA 8:13; Jer 32:40
l Jer 9:24; 1Jo 5:20
m Eks 31:2, 3; 1Kh 4:29; 2Ti 3:16, 17; Jak 3:17
n Hu 41:12; IzA 28:18

Uhla 2
a Hu 97:10
b Shu 12:13; Mik 6:8; Mat 22:37-40
c Hu 119:111
d IzE 17:11
e Shu 7:12
f IzA 8:13
g Joh 3:19
h Gen 39:10-12; IzA 6:23, 24; IzA 7:4, 5
i Gen 2:24; IzA 5:18

Akhohlwe isivumelwano sikaNkulunkulu wakhe;
18 Ngoba ukuya endlini yakhe kufana nokuya ekufeni,
Nendlela eya endlini yakhe iholela ethuneni.[a]
19 Akekho noyedwa kulabo abalala naye* oyobuya,
Futhi ngeke baphinde bafinyelele ezindleleni zokuphila.[b]
20 Ngakho landela indlela yabantu abalungile
Uhlale endleleni yabalungile.[c]
21 Ngoba ngabaqotho kuphela abayohlala emhlabeni,
Abangasoleki* abayosala kuwo.[d]
22 Ababi bayonqunywa emhlabeni,[e]
Abakhohlisayo bayosishulwa kuwo.[f]

3 Ndodana yami, ungayikhohlwa imfundiso* yami,
Kwangathi inhliziyo yakho ingayigcina imiyalo yami,
2 Ngoba kuyokwenezela izinsuku eziningi kuwe
Neminyaka yokuphila nokuthula.[g]
3 Ungavumi ukuba uthando oluqotho nokwethembeka* kuphele.[h]
Kubophele entanyeni yakho;
Kubhale enhliziyweni yakho;[i]
4 Ngokwenza kanjalo uyothola umusa nokuqonda
Emehlweni kaNkulunkulu nawomuntu.[j]
5 Thembela kuJehova[k] ngayo yonke inhliziyo yakho,
Ungathembeli* kokwakho ukuqonda.[l]
6 Mqaphele kuzo zonke izindlela zakho,[a]
Yena uyokwenza izindlela zakho ziqonde.[b]
7 Ungabi ohlakaniphile emehlweni akho.[c]
Yesaba uJehova ufulathele okubi.
8 Kuyofana nomuthi owelaphayo emzimbeni* wakho
Nento eqabulayo emathanjeni akho.
9 Dumisa uJehova ngezinto zakho eziyigugu,[d]
Nangezithelo zokuqala* zawo wonke umkhiqizo# wakho;[e]
10 Khona-ke izinqolobane zakho ziyogcwala phama,[f]
Nemiphongolo* yakho iyochichima iwayini elisha.
11 Ndodana yami, ungasenqabi isiyalo sikaJehova,[g]
Ungakwenyanyi ukusola kwakhe,[h]
12 Ngoba uJehova uyabasola labo abathandayo,[i]
Njengoba nje nobaba eyisola indodana athokozayo ngayo.[j]
13 Uyajabula umuntu othola ukuhlakanipha[k]
Nomuntu othola ukuqonda;
14 Ukuzuza ukuhlakanipha kungcono kunokuzuza isiliva,
Ukuba nako njengenzuzo kungcono kunokuba negolide.[l]
15 Kuyigugu ngaphezu kwamakhorali;*
Akukho lutho olufisayo olungaqhathaniswa nako.
16 Ukuphila isikhathi eside

2:19 *NgesiHebheru, "abaya kuye." 2:21 *Noma, "Abaqotho." 3:1 *Noma, "umthetho." 3:3 *Noma, "neqiniso." 3:5 *NgesiHebheru, "Ungenciki."

3:8 *NgesiHebheru, "enkabeni." 3:9 *Noma, "Nangokungcono kakhulu." #Noma, "umholo." 3:10 *Noma, "Nesikhamo sewayini." 3:15 *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

ISAHL. 2
a IzA 5:3, 5; IzA 5:20, 23; IzA 9:16-18; Efe 5:5
b Shu 7:26; IsA 22:15
c IzA 13:20
d Hu 37:11, 29
e Hu 104:35; IzA 10:7; Mat 25:46
f Dut 28:45, 63

ISAHL. 3
g Dut 5:16
h Hos 12:6
i Dut 6:6, 8
j 2Ko 8:21
k Isay 26:4; Jer 17:7
l IzA 28:26; Jer 10:23; 1Ko 3:18

Uhla 2
a 1Sa 23:2, 4; Neh 1:11; Flp 4:6
b Jos 1:7; Hu 25:9; Jak 1:5
c IzA 26:12; Rom 12:16
d Num 31:50; Dut 16:16; Luk 16:9; 1Ti 6:18
e Eks 23:19
f 2Kr 31:10; Mal 3:10
g IzA 15:32; Heb 12:5, 6
h Hu 94:12
i IsA 3:19
j Dut 8:5; Heb 12:7, 9
k Shu 7:12
l Job 28:15, 18

kusesandleni sako sokudla;
Ingcebo nenkazimulo kusesandleni sako sobunxele.
17 Izindlela zako zimnandi,
Zonke izindlela zako zinokuthula.[a]
18 Kuyisihlahla sokuphila kulabo abakubambayo,
Labo abakubamba bakuqinise kuyothiwa bayajabula.[b]
19 UJehova wasekela umhlaba ngokuhlakanipha.[c]
Ngokuqonda wamisa amazulu aqina.[d]
20 Ngolwazi lwakhe amanzi ajulile ahlukaniswa,
Namafu aconsa umkhemezelo.[e]
21 Ndodana yami, kungasuki emehlweni akho.*
Londa ukuhlakanipha nekhono lokucabanga;
22 Kuyokunika ukuphila,
Kube umhlobiso entanyeni yakho;
23 Uma wenza kanjalo uyohamba ngokuphepha endleleni yakho,
Nonyawo lwakho ngeke lukhubeke.*[f]
24 Lapho ulala, ngeke wesabe;[g]
Uyolala phansi, ulale kamnandi.[h]
25 Ngeke wesabe lutho olwethusayo olufika ungalindele[i]
Noma isivunguvungu esizofikela ababi.[j]
26 Ngoba uJehova uyoba ithemba lakho;[k]
Uyokwenza ukuba unyawo lwakho lungabanjwa.[l]

27 Ungabagodleli okuhle labo okufanele ubanike kona*[a]
Uma kusemandleni akho ukusiza.[b]
28 Ungasho kumakhelwane wakho ukuthi: "Hamba; ubuye ngesinye isikhathi! Ngizokupha kusasa,"
Uma ungamnika kona manje.
29 Ungacebi okubi ngomakhelwane wakho[c]
Lapho ehlezi nawe ezizwa elondekile.
30 Ungaxabani nomuntu ngaphandle kwesizathu[d]
Uma engakwenzanga lutho olubi.[e]
31 Ungabi nomona ngomuntu onobudlova[f]
Noma ukhethe noma iyiphi yezindlela zakhe,
32 Ngoba uJehova uyamnyanya umuntu okhohlisayo,[g]
Kodwa uba umngani nabaqotho.[h]
33 Isiqalekiso sikaJehova siphezu kwendlu yomubi,[i]
Kodwa uyayibusisa indlu yabalungile.[j]
34 Ngoba uyabahleka labo abahleka usulu,[k]
Kodwa abamnene ubabonisa umusa.[l]
35 Abahlakaniphile bayothola udumo,
Kodwa iziphukuphuku zidumisa ihlazo.[m]

4 Madodana ami, lalelani isiyalo sikababa;[n]
Nakani ukuze nizuze ukuqonda,
2 Ngoba ngizoninika isiyalo esihle;
Ningayishiyi imfundiso* yami.[o]
3 Ngangiyindodana yangempela kubaba[p]

3:21 *Ngokusobala kubhekiselwa ezimfanelweni zikaNkulunkulu ezishiwo emavesini angenhla. 3:23 *Noma, "luqhuzuke."

3:27 *Noma, "bakuthole." 4:2 *Noma, "umthetho."

ISAHL. 3
a Flp 4:9
b Hu 1:1, 2
c Hu 104:24
d IzA 8:27; Jer 10:12
e Job 36:27; Job 38:37; Jer 10:13
f Isay 26:7
g Hu 3:5; IzA 6:22
h Shu 5:12
i Hu 27:1
j Hu 73:12, 19
k IzA 10:29; IzA 28:1
l Hu 91:14

Uhla 2
a Jak 2:15, 16
b Dut 15:7, 8; IzA 28:27
c IzA 6:16, 18
d IzA 18:6; IzA 20:3
e Rom 12:18
f Hu 37:1; IzA 23:17
g IzA 6:16, 17
h Hu 15:1, 2; Hu 24:3, 4; Hu 25:14
i Dut 28:15; Jos 7:24, 25; Est 9:24, 25
j Job 42:12, 13; Hu 37:25
k IzA 19:29
l Hu 37:11; Hu 138:6; Isay 57:15; Jak 4:6
m Est 6:11, 12; IzA 12:8

ISAHL. 4
n Dut 6:6, 7; IzA 19:20; Efe 6:1
o 1Kr 28:9
p 1Kh 2:12

Umama engithanda ngoku-
khethekile.[a]
4 Ubaba wangifundisa wathi:
“Kwangathi inhliziyo ya-
kho ingawabambisisa
amazwi ami.[b]
Gcina imiyalo yami uqhube-
ke uphila.[c]
5 Zuza ukuhlakanipha, zuza
ukuqonda.[d]
Ungakukhohlwa engiku-
shoyo futhi ungaphambu-
ki kukho.
6 Ungakulahli ukuhlakani-
pha, kuyokuvikela.
Kuthande, kuyokulonda.
7 Ukuhlakanipha
kuyinto ebaluleke kunazo
zonke,*[e] ngakho zuza
ukuhlakanipha,
Kanye nakho konke okuzu-
zayo, zuza ukuqonda.[f]
8 Kubheke njengento eyigugu
ukuhlakanipha, kuyoku-
phakamisa.[g]
Kuyokunika udumo ngoba
ukwamukela ngokuphe-
lele.[h]
9 Kuyoba umhlobiso omuhle
ekhanda lakho;
Kuyokuhlobisa ngomqhele
omuhle.”
10 Lalela ndodana yami, wa-
mukele amazwi ami,
Iminyaka yokuphila kwa-
kho iyoba miningi.[i]
11 Ngizokufundisa indlela yo-
kuhlakanipha;[j]
Ngizokuhola ezindleleni zo-
kulunga.[k]
12 Lapho uhamba, ngeke
uqhuzuke;
Uma ugijima, ngeke ukhu-
beke.
13 Bamba isiyalo; ungaside-
deli.[l]
Silonde, ngoba singukuphi-
la kwakho.[m]

4:7 *Noma, “eyinhloko.”

14 Ungangeni endleleni yaba-
khohlakele,
Ungahambi endleleni ya-
babi.[a]
15 Yixwaye, ungahambi
ngayo;[b]
Phambuka kuyo, uyidlule.[c]
16 Ngoba abakwazi ukulala
bengakakwenzi okubi.
Abafikelwa ubuthongo be-
ngakabangeli othile uku-
ba awe.
17 Bazondla ngesinkwa so-
bubi,
Baphuze iwayini lobudlova.
18 Kodwa indlela yabalungile
injengokukhanya okukhu-
lu kwasekuseni
Okuya kukhanya nakakhu-
lu kuze kube semini.[d]
19 Indlela yababi injengobum-
nyama;
Abazi ukuthi yini ebenza
bakhubeke.
20 Ndodana yami, naka ama-
zwi ami;
Lalelisisa* amazwi ami.
21 Ungawasusi emehlweni
akho;
Wagcine ekujuleni kwenhli-
ziyo yakho,[e]
22 Ngoba awukuphila kulabo
abawatholayo[f]
Nempilo kuwo wonke umzi-
mba wabo.
23 Ngaphezu kwazo zonke izi-
nto oziqaphayo, qapha
inhliziyo yakho,[g]
Ngoba imithombo yokuphi-
la ivela kuyo.
24 Susa kuwe inkulumo egwe-
gwile,[h]
Udedisele kude nawe inku-
lumo ekhohlisayo.
25 Amehlo akho kufanele
abheke phambili,

4:20 *NgesiHebheru, “Thambekisela indlebe yakho.”

ISAHL. 4
a 1Kh 1:16-21
b Dut 4:9
c Lev 18:5
d Neh 8:3, 8 IzA 9:10
e Shu 7:12
f IzA 15:14 Mat 13:23 Heb 5:14
g Dan 1:17, 20
h 1Kh 4:29
i Dut 5:16
j 1Kh 4:29
k Isay 26:7
l IzA 8:10 Heb 2:1 Heb 12:5, 6
m Dut 32:45-47 Heb 12:11

Uhla 2
a Hu 1:1 1Ko 15:33
b Amo 5:15 Efe 5:11
c IzA 5:3, 8 1Th 5:22
d 2Sa 23:3, 4 Hu 119:105 1Ko 13:12 2Ko 4:6 2Pe 1:19
e Hu 40:8 IzA 2:1
f 1Ti 4:8
g Jer 17:9 Mar 7:21-23 Efe 6:14
h 1Pe 2:1

Amehlo akho* awathi njo
phambi kwakho.[a]
26 Hlelemba* indlela yezinyawo zakho,[b]
Zonke izindlela zakho ziyophepha.
27 Ungaphambukeli kwesokudla noma kwesobunxele.[c]
Susa izinyawo zakho kokubi.

5 Ndodana yami, naka ukuhlakanipha kwami.
Kulalelisise ukuqonda kwami,[d]
2 Ukuze uqaphe ikhono lakho lokucabanga
Ukhulume okuvumelana neqiniso njalo.[e]
3 Ngoba izindebe zowesifazane ondindayo* ziconsa njengekhekheba lezinyosi,[f]
Nomlomo wakhe ubushelelezi kunamafutha.[g]
4 Kodwa ekugcineni ubaba njengomhlonyane[h]
Ubukhali njengenkemba esika nhlangothi-zombili.[i]
5 Izinyawo zakhe zehlela ekufeni.
Izinyathelo zakhe zilibangise khona kanye eThuneni.*
6 Akanandaba nendlela yokuphila.
Indlela yakhe iyanhlanhlatha, kodwa akazi ukuthi inhlanhlathela kuphi.
7 Manje ngilaleleni madodana ami
Ningasuki kwengikushoyo.
8 Hambela kude naye;
Ungasondeli emnyango wendlu yakhe,[a]
9 Ukuze ungahlazeki kwabanye uphelelwe isithunzi[b]
Noma uvune okubi ukuphila kwakho konke;[c]
10 Ukuze abanye abantu bangamunci amandla akho*[d]
Nalokho okusebenzele kanzima kungayi endlini yomuntu wesinye isizwe.
11 Ngale kwalokho uyobubula ekugcineni
Lapho inyama yakho nomzimba wakho kuwohloka[e]
12 Bese uthi: "Yeka indlela engisizonde ngayo isiyalo!
Yeka indlela inhliziyo yami ekwedelele ngayo ukusolwa!
13 Angililalelanga izwi labangiyalayo
Futhi angibanakanga abafundisi bami.
14 Sekusele kancane kuphele ngami
Phakathi kwalo lonke ibandla."*[f]
15 Phuza amanzi emthonjeni wakho
Namanzi agelezayo* emifudlaneni yakho.[g]
16 Ingabe iziphethu zakho kufanele zisabalale ngaphandle,
Imifudlana yakho isabalale ezigcawini?[h]
17 Makube ngokwakho wedwa,
Kungabi ngokwabanye abantu.[i]
18 Kwangathi ungabusiswa umthombo wakho,
Ujabule ngomfazi wobusha bakho,[j]

ISAHL. 4
a Mat 6:22
b Efe 5:15
c Dut 12:32 Jos 1:7

ISAHL. 5
d 1Kh 4:29 Jak 1:19
e IzA 15:7
f IzA 7:14-21
g IzA 9:16, 17
h Shu 7:26
i IzA 6:32, 33

Uhla 2
a IzA 9:14, 15
b IzA 29:3
c IzA 6:33-35 IzA 7:23
d IzA 31:3 Luk 15:30
e IzA 7:22, 23
f IzA 6:27-29
g 1Ko 7:3 Heb 13:4
h IzA 5:20
i Gen 2:24
j Dut 24:5 Shu 9:9

---

**4:25** *Noma, "Amehlo akho akhazimulayo." **4:26** *Noma kungaba, "Yicabangele kahle." **5:3** *NgesiHebheru, "ongaziwa." Bheka izA 2:16. **5:5** *Noma, "eShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**5:10** *Noma, "izinto zakho." **5:14** *NgesiHebheru, "Phakathi kwenhlangano nebandla." **5:15** *Noma, "ahlanzekile."

**19** Uyinyamazane yensikazi ethandekayo, nembuzi yentaba enhle.[a]
Amabele akhe mawakujabulise ngaso sonke isikhathi.
Kwangathi njalo ungabanjwa uthando lwakhe.[b]
**20** Pho kungani, ndodana yami, kufanele uyengwe* owesifazane ondindayo#
Noma ugone owesifazane ongenasimilo?△[c]
**21** Ngoba izindlela zomuntu ziphambi kwamehlo kaJehova;
Uhlola zonke izindlela zakhe.[d]
**22** Iziphambeko zomuntu omubi ziwugibe kuye,
Izono zakhe ziyofana nezintambo ezimbambile.[e]
**23** Uyofa ngenxa yokuntula isiyalo
Aphambuke ngenxa yobuwula bakhe obukhulu.

**6** Ndodana yami, uma wenze isiqinisekiso sokuthi uzosikhokha isikweletu sikamakhelwane wakho,[f]
Uma wenze isivumelwano* nomuntu oyisihambi,[g]
**2** Uma uye wabanjwa yisithembiso osenzile,
Wabanjwa amazwi omlomo wakho,[h]
**3** Yenza lokhu, ndodana yami, uzikhulule,*
Ngoba uwele esandleni sikamakhelwane wakho:
Hamba uzithobe, umncengisise, unxuse umusa wakhe.[i]
**4** Ungavumi ukuba amehlo akho afikelwe ubuthongo,
Noma ukuba amehlo akho ozele.
**5** Zisindise njengenyamazane esandleni somzingeli,
Nanjengenyoni esandleni somcuphi wezinyoni.
**6** Yana entuthwaneni ufunde kuyo vila ndini;[a]
Buka ekwenzayo uhlakaniphe.
**7** Nakuba ingenamlawuli nasikhulu nambusi,
**8** Ilungisa ukudla kwayo ehlobo,[b]
Ibuthe ukudla kwayo ngesikhathi sokuvuna.
**9** Uyolala lapho kuze kube nini vila ndini?
Uyovuka nini ebuthongweni?
**10** Ukulala kancane, ukozela kancane,
Ukusonga izandla kancane ukuze uphumule,[c]
**11** Ukuhlupheka kuyobe sekukufikela njengesela,
Nokuswela kuyokufikela njengomuntu ohlomile.[d]
**12** Umuntu omubi futhi ongelusizo lwalutho uhambe ekhuluma inkulumo egwegwile;[e]
**13** Ucifa iso, enze izimpawu ngonyawo, akhombe ngeminwe.[f]
**14** Ngenhliziyo yakhe eyonakele,
Uhlale eceba okubi[g] edala imibango.[h]
**15** Ngenxa yalokho, uyokwehlelwa inhlekelele ngokuzumayo;
Ngomzuzwana nje uyokwephulwa angabe esalapheka.[i]
**16** Kukhona izinto eziyisithupha uJehova azizondayo;
Yebo, ziyisikhombisa izinto ezinengekayo kuye:

5:20 *Noma, "ukhangwe." #NgesiHebheru, "ongaziwa." Bheka izA 2:16. △NgesiHebheru, "wesinye isizwe." Bheka izA 2:16. **6:1** *Okuwukuthi, isifungo. **6:3** *Noma, "uzophule."

ISAHL. 5
a Hla 2:9
b Gen 26:8; Gen 29:20; Hla 8:6
c IzA 22:14
d 2Kr 16:9; Hu 11:4; Hu 17:3; Jer 17:10; Heb 4:13
e Hu 7:14-16; Gal 6:7

ISAHL. 6
f IzA 17:18
g IzA 11:15; IzA 20:16
h IzA 18:7
i Mat 5:25

Uhla 2
a IzA 10:26; IzA 26:13-15
b IzA 30:24, 25
c IzA 20:13; IzA 24:33, 34; Shu 4:5
d IzA 13:4; IzA 20:4; IzA 24:30-34
e IzA 16:27; Jak 3:6
f IzA 10:10; IzA 16:30
g Hu 36:1, 4; Isay 32:7; Mik 2:1
h IzA 16:28; Rom 16:17
i Hu 73:12, 18

17 Amehlo aqhoshayo,[a] ulimi
olunamanga[b] nezandla
ezichitha igazi elingenacala,[c]
18 Inhliziyo eceba amacebo
amabi[d] nezinyawo ezigijimela ebubini,
19 Ufakazi wamanga ophafuza
amanga,[e]
Nanoma ubani odala imibango phakathi kwabafowabo.[f]
20 Ndodana yami, gcina umyalo kayihlo,
Ungayishiyi imfundiso* kanyoko.[g]
21 Kubophele enhliziyweni yakho njalo;
Kubophele entanyeni yakho.
22 Lapho uhamba, kuyokuhola;
Lapho ulala, kuyokuqapha;
Nalapho uvuka, kuyokhuluma nawe.*
23 Ngoba umyalo uyisibani,[h]
Umthetho ungukukhanya,[i]
Ukusola nesiyalo kuyindlela eya ekuphileni.[j]
24 Kuyokuqapha kowesifazane okhohlakele,[k]
Emazwini avusa inkanuko owesifazane ongenasimilo.*[l]
25 Ungabufisi ubuhle bakhe
enhliziyweni yakho[m]
Noma umvumele akubambe
ngamehlo akhe ayengayo,
26 Ngoba umuntu uze asale
nesinkwa esisodwa ngenxa yowesifazane oyisifebe,[n]
Kodwa umfazi wenye
indoda* uyokwenza umuntu alahlekelwe ukuphila
kwakhe okuyigugu.

6:20; 7:2 *Noma, "umthetho." 6:22 *Noma, "kuyokufundisa." 6:24 *NgesiHebheru, "wesinye isizwe." Bheka izA 2:16. 6:26 *Noma, "oyisiphingi."

ISAHL. 6
a Hu 101:5; IzA 8:13; IzA 16:5
b IzA 12:22; IsA 21:8
c Gen 4:8, 10; Num 35:31; Dut 27:25
d IzA 11:20; Zak 8:17; Mal 2:16
e Eks 23:1
f Lev 19:16; Gal 5:20, 21; Jak 3:14, 15
g Dut 21:18, 21; Efe 6:1
h Hu 119:105
i Isay 51:4
j IzA 4:13; Heb 12:11
k Shu 7:26
l IzA 5:3; IzA 7:4, 5
m Mat 5:28; Jak 1:14, 15
n IzA 29:3; Luk 15:16, 30

Uhla 2
a Gal 6:7
b 2Sa 11:4; 2Sa 12:10, 11; IzA 6:32-35; Heb 13:4
c Eks 22:1, 4
d IzA 2:18, 19; IzA 5:20, 23; Mal 3:5; 1Ko 6:9, 10; Heb 13:4
e IzA 5:8, 9
f 1Kh 15:5; 1Kr 5:1; Mat 1:6
g Gen 39:19, 20

ISAHL. 7
h IzA 10:14
i Lev 18:5; Dut 5:16; Isay 55:3; Joh 12:50

27 Umuntu angawanqwabelanisa yini amalahle avuthayo esifubeni sakhe kodwa
izingubo zakhe zingashi?[a]
28 Noma, umuntu angahamba
yini phezu kwamalahle
ashisayo kodwa izinyawo
zakhe zingashi?
29 Kunjalo nangomuntu olala
nomkamakhelwane wakhe;
Akekho omthintayo ongeke
ajeziswe.[b]
30 Abantu abalideleli isela
Uma leba ukuze lizisuthise
lapho lilambile.
31 Kodwa lapho libanjwa, liyokhokha ngokuphindwe
kasikhombisa;
Liyokhipha yonke impahla
eyigugu yendlu yalo.[c]
32 Noma ubani ophinga nowesifazane untula ukuhlakanipha;*
Umuntu owenza kanjalo
uzilethela inhlekelele.[d]
33 Ayokuthola nje amanxeba
nokuhlazeka,[e]
Isihlamba sakhe ngeke siphele.[f]
34 Ngoba isikhwele senza
indoda* ibe nolaka;
Ngeke ibe nazwela lapho
iphindisela.[g]
35 Ngeke yamukele sinxephezelo;
Ngeke incengeke* ngisho
ungayinika isipho esikhulu kanjani.

7 Ndodana yami, gcina amazwi ami,
Ulonde imiyalo yami.[h]
2 Gcina imiyalo yami uphile;[i]
Qapha imfundiso* yami
njengenhlamvu yeso lakho.

6:32 *NgesiHebheru, "uswele inhliziyo." 6:34 *Noma, "umyeni." 6:35 *Noma, "inhliziyo yayo ithambe."

3 Yibophe eminweni yakho;
Yibhale enhliziyweni yakho.[a]
4 Yithi ekuhlakanipheni, "Ungudadewethu,"
Ubize ukuqonda ngokuthi "sihlobo sami,"
5 Ukuze kukuqaphe kowesifazane ondindayo,*[b]
Kowesifazane ongenasimilo# nasemazwini akhe abushelelezi.△[c]
6 Ngisefasiteleni lendlu yami,
Ngabuka phansi, ngefasitela* lami,
7 Njengoba ngangibuka abantu abangenalo ulwazi,
Ngabona insizwa entula ukuhlakanipha* phakathi kwabantu abasha.[d]
8 Yayidlula ngesitaladi iya ngasekhoneni lomgwaqo walona wesifazane,
Yahamba ngendlela eya endlini yakhe
9 Lapho sekuhwalele kusihlwa,[e]
Sekuzoba sebusuku futhi sekuzoba mnyama.
10 Ngabe sengibona owesifazane eyoyihlangabeza,
Egqoke njengesifebe*[f] futhi enenhliziyo enobuqili.
11 Unomsindo nenkani.[g]
Akahlali* endlini yakhe.
12 Manje ungaphandle, kungakabiphi nanguya usesesigcawini,
Ucutha kuwo wonke amakhona.[h]
13 Ufike ayibambe le nsizwa ayiqabule;
Ngokuzethemba athi kuyo:
14 "Bekufanele nginikele imihlatshelo ehlanganyelwayo.[a]
Namuhla ngizigcwalisile izifungo zami.
15 Yingakho ngiphumile ngazokuhlangabeza,
Ngifuna wena, manje ngikutholile!
16 Umbhede wami ngiwendlale ngezindwangu ezisezingeni eliphezulu,
Ilineni elimibalabala laseGibhithe.[b]
17 Embhedeni wami ngifafaze imure, inhlaba nesinamoni.[c]
18 Woza, masiphuze uthando sizanelise kuze kuse;
Masizitike ngokubonisana uthando.
19 Ngoba umyeni wami akekho ekhaya;
Uthathe uhambo olude.
20 Uhambe nesikhwama semali,
Uyoze abuye mhla inyanga igcwele."
21 Uyidukisa ngokuyithonya kakhulu.[d]
Uyiyenga ngenkulumo ebushelelezi.
22 Ngokushesha iyamlandela njengenkunzi iyohlatshwa,
Njengesiwula esiboshwe ngozankosi* okumele sijeziswe,[e]
23 Kuze kube yilapho umcibisholo uhlaba isibindi sayo;
Njengenyoni igijimela esicuphweni, ayazi ukuthi lokhu kuzoyilahlekisela ngokuphila kwayo.[f]
24 Manje madodana ami, ngilaleleni;

7:5 *NgesiHebheru, "ongaziwa." Bheka izA 2:16. #NgesiHebheru, "wesinye isizwe." Bheka izA 2:16. △Noma, "ayengayo." **7:6** *Noma, "ngehele." **7:7** *NgesiHebheru, "eswele inhliziyo." **7:10** *Noma, "ingubo yesifebe." **7:11** *NgesiHebheru, "Izinyawo zakhe azihlali."

7:22 *Noma, "esifakwe ezingongolweni."

ISAHL. 7
a IzA 2:10, 11
b IzA 23:27, 28
c IzA 2:11, 16; IzA 5:3; IzA 6:23, 24
d IzA 6:32; IzA 9:16, 17
e Job 24:15
f Jer 4:30
g IzA 9:13-18
h IzA 23:27, 28

Uhla 2
a Lev 19:5
b Hez 27:7
c Hla 3:6; Hla 4:14
d IzA 5:3
e 1Ko 6:18
f IzA 5:8-11

Nakani amazwi engiwakhulumayo.
25 Ningazivumeli izinhliziyo zenu ziphambukele ezindleleni zakhe.
Ninganhlanhlatheli ezindleleni zakhe,[a]
26 Ngoba baningi ababangele ukuba babulawe,[b]
Ababulele baningi.[c]
27 Indlu yakhe iholela eThuneni;*
Yehlela emakamelweni okufa angaphakathi.

8 Ukuhlakanipha akumemezi yini?
Ukuqonda akuliphakamisi yini izwi lako?[d]
2 Kuma ezindaweni eziphakeme[e] ngasemgwaqweni,
Empambanweni yemigwaqo.
3 Kuqhubeka kumemeza kakhulu[f] eceleni kwamasango angena edolobheni,
Lapho kungenwa khona eminyango,
Kuthi:
4 "O nina bantu, ngiyanibiza;
Ngimemeza wonke umuntu.*
5 Nina eningenalwazi, fundani ukukhalipha;[g]
Nina eniyiziphukuphuku zuzani inhliziyo enokuqonda.
6 Lalelani, ngoba engikushoyo kubalulekile,
Izindebe zami zikhuluma okulungile;
7 Ngoba umlomo wami uhlebeza iqiniso,
Izindebe zami ziyakwenyanya okubi.
8 Wonke amazwi omlomo wami alungile.
Awekho asontekile noma ayisigwegwe kuwo.
9 Wonke aqondile kwabanokuqonda,
Alungile kulabo abathole ulwazi.
10 Thathani isiyalo sami esikhundleni sesiliva,
Nolwazi esikhundleni segolide lekhethelo,[a]
11 Ngoba ukuhlakanipha kungcono kunamakhorali;*
Zonke ezinye izinto ezifiselekayo azinakuqhathaniswa nako.
12 Mina kuhlakanipha, ngihlala nokukhalipha;
Ngithole ulwazi nekhono lokucabanga.[b]
13 Ukwesaba uJehova kusho ukuzonda okubi.[c]
Ngiyakuzonda ukuziphakamisa, ukuziqhenya,[d] indlela embi nenkulumo eyonakele.[e]
14 Ngineseluleko esihle nokuhlakanipha okuwusizo;[f]
Ukuqonda[g] namandla[h] kungokwami.
15 Amakhosi abusa ngami,
Nezikhulu eziphakeme zikhipha izinqumo ezilungile.[i]
16 Izikhulu zibusa ngami,
Nezicukuthwane zahlulela ngokulunga.
17 Ngiyabathanda abangithandayo,
Labo abangifunayo bayongithola.[j]
18 Ingcebo nenkazimulo kukimi,
Ingcebo engapheli* nokulunga.
19 Isithelo sami singcono kunegolide, singcono kunegolide elicwengekile,

7:27 *Noma, "eShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. 8:4 *NgesiHebheru, "amadodana abantu."

8:11 *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. 8:18 *Noma, "Izinto zenani elikhulu eziyifa."

ISAHL. 7
a IzA 5:8
b Shu 7:26
c 1Ko 10:8

ISAHL. 8
d IzA 1:20, 21
e Mat 10:27
f IzE 20:20
g Hu 19:7

Uhla 2
a Hu 19:9, 10; Hu 119:72, 127; IzA 3:13-15
b IzA 2:11; IzA 5:1, 2
c Hu 97:10; Hu 101:3; IzA 16:6; Rom 12:9
d Hu 101:5; 1Pe 5:5
e IzA 4:24
f IzA 2:7
g IzA 4:7
h IzA 24:5
i Hu 72:1
j IzA 2:4, 5

Umkhiqizo wami ungcono
kunesiliva lekhethelo.[a]
**20** Ngihamba endleleni yokulu-
nga,
Phakathi nezindlela zobulu-
ngisa;
**21** Labo abangithandayo ngi-
banika ifa elinothile,
Ngigcwalisa izinqolobane
zabo.
**22** UJehova wangenza ngaba
ngukuqala kwendlela ya-
khe,[b]
Owokuqala kuyo yonke imi-
sebenzi yakhe yakudala.[c]
**23** Ngamiswa kusukela
endulo,[d]
Kusukela ekuqaleni, kusu-
kela ezikhathini zanga-
phambi komhlaba.[e]
**24** Engakabibikho amanzi aju-
lile,[f] ngazalwa,*
Zingakabibikho iziphethu
eziphuphuma amanzi.
**25** Zingakabekwa izintaba
endaweni yazo,
Engakabibikho amagquma,
ngazalwa,
**26** Engakawenzi umhlaba ne-
zindawo zawo ezingenalu-
tho
Noma amagabade okuqala
enhlabathi.
**27** Lapho ehlela amazulu,[g]
ngangikhona;
Lapho ebeka umngcele*
phakathi kwesibhakabha-
ka nolwandle,[h]
**28** Lapho emisa* amafu phe-
zulu,
Lapho enza imithombo ya-
manzi ajulile,
**29** Lapho emisela ulwandle
umyalo
Owukuthi amanzi angadlu-
leli ngale kwalokho aku-
yalile,[i]
Lapho emisa* izisekelo
zomhlaba,
**30** Ngangiseceleni kwakhe ngi-
yisisebenzi esiyingcweti.[a]
Yimi ayengithanda ngo-
kukhethekile[b] usuku no-
suku;
Ngangijabula phambi kwa-
khe ngaso sonke isikha-
thi;[c]
**31** Ngangijabula ngomhlaba
wakhe owawuzohlala aba-
ntu,
Ngiwathanda ngokukhethe-
kile amadodana abantu.*
**32** Manje madodana ami, ngi-
laleleni;
Yebo, bayajabula abagcina
izindlela zami.
**33** Lalelani isiyalo[d] nihlakani-
phe,
Ningalokothi ningasinaki.
**34** Uyajabula umuntu ongilale-
layo
Ngokusheshe afike* emnya-
ngo wami usuku nosuku,
Ngokulinda eduze kwezi-
nsika zomnyango wami;
**35** Ngoba ongitholayo uyotho-
la ukuphila,[e]
UJehova uyamamukela.
**36** Kodwa onganginaki uzili-
maza yena,
Nalabo abangizondayo ba-
thanda ukufa.”[f]

**9** Ukuhlakanipha kweqiniso
kwakhe indlu yako;
Kuqophe izinsika zako ezi-
yisikhombisa.
**2** Kulungise inyama yako;
Kuxube iwayini lako;
Kudeke netafula lako.
**3** Kuthume izinceku zako ze-
sifazane
Ukuze zimemeze ziphezu

**ISAHL. 8**
*a* IzA 3:13, 14
*b* Joh 1:1-3, 14
*c* Kol 1:15-17
*d* Mik 5:2
*e* Joh 8:58; Joh 17:5
*f* Gen 1:2
*g* Hu 33:6; Jer 10:12
*h* Gen 1:6, 7; Job 26:10
*i* Job 38:8-11; Hu 33:7; Hu 104:6-9; Jer 5:22

**Uhla 2**
*a* Gen 1:26; Joh 1:1, 3; Joh 17:5; Kol 1:15, 16
*b* Isay 42:1; Mat 3:17
*c* Job 38:7
*d* IzA 3:11; IzA 4:13; Heb 12:7, 9
*e* IzA 13:14
*f* IzA 5:23

**8:24** *Noma, “ngazalwa njengokungathi ngemihelo.” **8:27** *NgesiHebheru, “isiyingi.” **8:28** *NgesiHebheru, “eqinisa.”

**8:29** *Noma, “eyala ukuba kube khona.” **8:31** *Noma, “isintu.” **8:34** *Noma, “Ngokuhlala ephapheme.”

kwezindawo eziphakeme
zedolobha, zithi:[a]
4 “Noma ubani ongenalwazi,
makangene lapha.”
Kontula ukuhlakanipha*
kuthi:
5 “Woza udle isinkwa sami,
Uphuze nami iwayini engili-
xubile.
6 Shiya ukungabi nalwazi
kwakho, uphile;[b]
Hamba endleleni yokuqo-
nda.”[c]
7 Olungisa umhleki wosulu
uzibizela ukuhlazeka,[d]
Noma ubani osola omubi
uyolimala.
8 Ungamsoli umhleki wosulu
ngoba uyokuzonda.[e]
Sola umuntu ohlakaniphile,
uyokuthanda.[f]
9 Nika ohlakaniphile ulwazi,
uyohlakanipha naka-
khulu.[g]
Fundisa olungile, uyokwe-
nezela olwazini lwakhe.
10 Ukwesaba uJehova kungu-
kuqala kokuhlakanipha,[h]
Ulwazi
ngoNgcwelengcwele[i] lu-
ngukuqonda.
11 Ngoba ukuhlakanipha ku-
yokwenza izinsuku zakho
zibe ziningi,[j]
Kuyokwenezelwa iminyaka
ekuphileni kwakho.
12 Uma uhlakanipha, nguwe
osizakalayo,
Kodwa uma ungumhleki
wosulu, uyobhekana we-
dwa nemiphumela.
13 Owesifazane oyisiphuku-
phuku unomsindo.[k]
Akanalo ulwazi futhi akazi
lutho nhlobo.
14 Uhlala emnyango wendlu
yakhe
Esihlalweni esisezindaweni
eziphakeme zedolobha,[l]

9:4 *NgesiHebheru, “Koswele inhliziyo.”

ISAHL. 9
a IzA 1:20-22
b Hu 119:130
c IzA 4:5
IzA 13:20
d IzA 15:12
e 1Kh 21:20, 21
1Kh 22:8
2Kr 25:15, 16
Mat 7:6
f Hu 141:5
IzA 27:6
IzA 28:23
g IzA 1:5
IzA 15:31
IzA 17:10
IzA 25:12
h Hu 111:10
i 1Kr 28:9
Mat 11:27
Joh 17:3
j Dut 6:1, 2
IzA 8:35
IzA 10:27
k IzA 7:10, 11
l IzA 23:27, 28

Uhla 2
a IzA 6:32
b IzA 7:18, 19
c IzA 2:18, 19
IzA 7:23, 26
IzA 23:27, 28

ISAHL. 10
d IzA 1:1
e IzA 13:1
IzA 27:11
f IzA 11:4
g Hu 33:18, 19
Hu 37:25
Mat 6:33
h IzA 20:4
Shu 10:18
i IzA 12:24
IzA 13:4
IzA 21:5
j IzA 6:6, 9
k Eks 23:25
IzA 28:20
l Hu 112:6
Shu 7:1

15 Amemeze abadlulayo,
Labo abahamba endleleni
yabo, athi:
16 “Noma ubani ongenalwazi,
makangene lapha.”
Kwabantula ukuhlakani-
pha* uthi:[a]
17 “Amanzi ebiwe amtoti,
Nokudla okudliwa ekusithe-
keni kumnandi.”[b]
18 Kodwa abazi ukuthi ikhaya
lakhe liyindlu yabafile,
Ukuthi izivakashi zakhe zi-
sekujuleni kweThuna.*[c]

**10** Izaga zikaSolomoni.[d]
Indodana ehlakaniphile
yenza uyise ajabule,[e]
Kodwa eyisiphukuphuku
iwusizi lukanina.
2 Ingcebo etholakale ngobubi
ngeke izuzise,
Kodwa ukwenza okulungile
yikho okukhulula eku-
feni.[f]
3 UJehova ngeke abangele
ukuba olungile alambe,[g]
Kodwa omubi uyomncisha
lokho akuhalelayo.
4 Izandla ezivilaphayo ziyo-
banga inhlupheko,[h]
Kodwa izandla ezikhuthele
zenza umuntu acebe.[i]
5 Indodana eyenza ngoku-
qondisisa ibutha isivuno
ngesikhathi sasehlobo,
Kodwa indodana eyenza
ngokuhlazisayo ilele zwi
ngesikhathi sokuvuna.[j]
6 Izibusiso zisekhanda lolu-
ngile,[k]
Kodwa umlomo womubi ufi-
hla ubudlova.
7 Olungile* uyokhunjulwa, ku-
khulunywe kahle ngaye,[l]

9:16 *NgesiHebheru, “Kwabaswele inhliziyo.” 9:18 *Noma, “kweShiyo-li,” okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. 10:7 *Noma, “Igama lolungile.”

Kodwa igama lomubi liyobola.[a]
8 Ohlakaniphile enhliziyweni uyozamukela iziqondiso,*[b]
Kodwa okhuluma ubuwula uyonyathelwa phansi.[c]
9 Ohamba ngobuqotho uyohamba ngokulondeka,[d]
Kodwa ogwegwisa izindlela zakhe uyobanjwa.[e]
10 Ocifa iso ngobuqili ubangela usizi,[f]
Nokhuluma ubuwula uyonyathelwa phansi.[g]
11 Umlomo wolungile ungumthombo wokuphila,[h]
Kodwa umlomo womubi ufihla ubudlova.[i]
12 Yinzondo ephehla imibango,
Kodwa uthando lumboza zonke izeqo.[j]
13 Ezindebeni zomuntu oqondayo kutholakala ukuhlakanipha,[k]
Kodwa induku ingeyomhlane womuntu ontula ukuhlakanipha.*[l]
14 Abahlakaniphile baqongelela ulwazi,[m]
Kodwa umlomo wesiwula uzibizela incithakalo.[n]
15 Ingcebo* yesigwili iyidolobha laso elinezivikelo eziqinile.
Incithakalo yabantu abahluphekayo ingubumpofu babo.[o]
16 Umphumela womsebenzi wolungile ungukuphila;
Kodwa umkhiqizo womubi uyisono.[p]
17 Olalela isiyalo uyindlela* eya ekuphileni,
Kodwa ongakunaki ukusolwa uphambukisa abanye.
18 Ofihla inzondo yakhe ukhuluma amanga,[a]
Nosakaza imibiko* elimazayo uyisiphukuphuku.
19 Lapho amazwi emaningi, akwenzeki kungabi nasiphambeko,[b]
Kodwa noma ubani olawula izindebe zakhe wenza ngokuqonda.[c]
20 Ulimi lolungile lunjengesiliva lekhethelo,[d]
Kodwa inhliziyo yomubi ayibaluleke ngalutho.
21 Izindebe zolungile zondla* abantu abaningi,[e]
Kodwa abayiziwula bayafa ngenxa yokuntula ukuhlakanipha.[f]
22 Yisibusiso sikaJehova esenza umuntu acebe,[g]
Akenezeli ubuhlungu* kanye naso.
23 Ukuziphatha okuhlazisayo kufana nomdlalo koyisiphukuphuku,
Kodwa ukuhlakanipha kungokomuntu onokuqonda.[h]
24 Lokho omubi akwesabayo kuyomfikela;
Kodwa olungile uyonikwa akufisayo.[i]
25 Lapho isivunguvungu sidlula, omubi uyobe engasekho,[j]
Kodwa olungile unjengesisekelo esimi kuze kube phakade.[k]
26 Njengoviniga emazinyweni nanjengentuthu emehlweni,
Unjalo umuntu oyivila kulowo omthumayo.*

10:8 *NgesiHebheru, "imiyalo." 10:13 *NgesiHebheru, "oswele inhliziyo." 10:15 *Noma, "Izinto eziyigugu." 10:17 *Noma kungaba, "usendleleni."

10:18 *Noma, "inzwabethi." 10:21 *Noma, "ziqondisa." 10:22 *Noma, "usizi; ubunzima." 10:26 *Noma, "kumqashi wakhe."

ISAHL. 10
a Hu 9:5
b Dut 4:6; Hu 19:7; Hu 119:34; Hu 119:100
c IzA 18:6
d Hu 25:21
e 1Ti 5:24
f IzA 6:12, 13
g IzA 18:21
h IzA 11:30
i Mat 12:35; Jak 3:5
j IzA 17:9; 1Ko 13:4, 7; 1Pe 4:8
k Isay 50:4
l IzA 26:3
m IzA 9:9
n IzA 13:3; IzA 18:7
o IzA 19:7; IzA 30:8, 9; Shu 7:12
p Mat 7:17

Uhla 2
a 1Sa 18:17, 21
b Shu 5:2
c Hu 39:1; IzA 17:27; IzA 21:23; Jak 1:19
d IzA 12:18; IzA 16:13
e Jer 3:15
f Hos 4:6
g Dut 8:17, 18; Hu 37:22; 1Ti 6:6
h IzA 2:10, 11; IzA 14:9; IzA 15:21
i Hu 37:4; 1Jo 5:14
j Hu 37:10
k Mat 7:24, 25

27 Ukwesaba uJehova kwelula izinsuku,[a]
Kodwa iminyaka yomubi iyofinyezwa.[b]
28 Okulindelwe* olungile kuletha injabulo,[c]
Kodwa ithemba lomubi liyoshabalala.[d]
29 Indlela kaJehova iyisiphephelo sabangasoleki,[e]
Kodwa iyincithakalo kwabenza okubi.[f]
30 Olungile akasoze enziwa ukuba awe,[g]
Kodwa omubi ngeke esahlala emhlabeni.[h]
31 Umlomo wolungile uveza ukuhlakanipha,
Kodwa ulimi olukhohlakele luyonqunywa.
32 Izindebe zolungile ziyakwazi okujabulisayo,
Kodwa umlomo womubi wonakele.

11 Isikali esinganembile* siyanengeka kuJehova,
Kodwa isisindo esinembile siyamjabulisa.[i]
2 Lapho kufika ukugabadela, kuzolandela ihlazo,[j]
Kodwa ukuhlakanipha kukwabanesizotha.[k]
3 Abaqotho baholwa ubuqotho babo,[l]
Kodwa abakhohlisayo bayoshabalaliswa ubuqili babo.[m]
4 Ingcebo* ngeke izuzise ngosuku lolaka,[n]
Kodwa ukulunga yikona okuyokhulula ekufeni.[o]
5 Ukulunga kongasoleki kwenza indlela yakhe iqonde,
Kodwa omubi uyowa ngenxa yobubi bakhe.[p]
6 Ukulunga kwabaqotho kuyobakhulula,[q]
Kodwa abakhohlisayo bayobanjwa izifiso zabo.[a]
7 Lapho umuntu omubi efa, ithemba lakhe liyashabalala;
Namathemba asekelwe emandleni akhe ayashabalala.[b]
8 Olungile uyakhululwa osizini,
Omubi angene esikhundleni sakhe.[c]
9 Ngomlomo wakhe, oyisihlubuki* uchitha umakhelwane wakhe,
Kodwa abalungile bakhululwa ulwazi.[d]
10 Ubuhle babalungile benza idolobha lijabule,
Futhi lapho ababi beshabalala, kuba khona ukukhamuluka kwenjabulo.[e]
11 Ngenxa yesibusiso sabaqotho idolobha liyaphakanyiswa,[f]
Kodwa umlomo wababi uyalidiliza.[g]
12 Noma ubani ontula ukuhlakanipha* udelela# umakhelwane wakhe,
Kodwa umuntu onokuqonda kwangempela uyathula.[h]
13 Umnyundeli uhambahamba embula indaba eyimfihlo,[i]
Kodwa umuntu othembekile uyayigcina imfihlo.*
14 Lapho singekho isiqondiso esihlakaniphile,* abantu bayawa,
Kodwa ngabeluleki abaningi kuba nempumelelo.#[j]
15 Noma ubani owenza isiqinisekiso sokuthi

---

**ISAHL. 10**
a Hu 91:15, 16
b Hu 55:23
c Hu 16:9; Rom 12:12
d IzA 11:7
e IzA 18:10; Isay 40:31
f Rom 2:6-8
g Hu 16:8
h Hu 37:9

**ISAHL. 11**
i Lev 19:36
j IzA 16:18; Luk 14:8, 9
k Mik 6:8; 1Pe 5:5
l Hu 26:1; IzA 13:6
m IzA 28:18
n Hez 7:19; Mat 16:26
o Gen 7:1
p 2Sa 17:23; Est 7:10; IzA 5:22
q Jer 39:18

**Uhla 2**
a IzA 1:32
b Eks 15:9, 10; Luk 12:18-20
c Est 7:9; IzA 21:18; Dan 6:23, 24
d IzA 2:10-12
e Eks 15:20, 21; Est 9:19, 22
f IzA 14:34
g Jak 3:6
h IzA 17:27; 1Pe 2:23
i Lev 19:16; IzA 20:19; IzA 26:22
j IzA 15:22; IzA 20:18; IzA 24:6

---

**10:28** *Noma, "Ithemba." **11:1** *Noma, "esikhohlisayo." **11:4** *Noma, "Izinto eziyigugu."

**11:9** *Noma, "umuntu ongamesabi uNkulunkulu." **11:12** *NgesiHebheru, "oswele inhliziyo." #Noma, "uzonda." **11:13** *NgesiHebheru, "uyayimboza indaba." **11:14** *Noma, "ukuqondisa okunekhono." #Noma, "nensindiso."

uzosikhokha isikweletu
somuntu oyisihambi na-
kanjani kuyomhambela
kabi,[a]
Kodwa noma ubani oku-
gwemayo* ukwenza isivu-
melwano# uyolondeka.
16 Owesifazane othandekayo*
uzuza udumo,[b]
Kodwa omashiqela bona ba-
zuza ingcebo.
17 Umuntu onomusa* uzizuzi-
sa yena,[c]
Kodwa umuntu onesihluku
uzilethela izinkinga.#[d]
18 Omubi uthola inkokhelo
eyize,[e]
Kodwa ohlwanyela ukulu-
nga uthola umvuzo weqi-
niso.[f]
19 Okumela ngokuqinile uku-
lunga uyothola ukuphila,[g]
Kodwa ojahana nokubi uzi-
bizela ukufa.
20 Abanezinhliziyo eziyizi-
gwegwe bayanengeka ku-
Jehova,[h]
Kodwa labo abandlela yabo
ayisoleki bayamjabulisa.[i]
21 Qiniseka ngalokhu: Umu-
ntu omubi ngeke ayekwe
angajeziswa,[j]
Kodwa izingane zabalungile
ziyophunyuka.
22 Njengendandatho yegolide
ekhaleni lengulube
Unjalo owesifazane omuhle
owenqaba ukuhlakani-
pha.
23 Isifiso sabalungile siholela
kokuhle,[k]
Kodwa ithemba lababi liba-
ngela ulaka.
24 Umuntu upha ngokukhulu-
lekile agcine esenokuni-
ngi;[l]
Omunye uyakugodla oku-
fanele akuphe abanye, ko-
dwa abe mpofu.[a]
25 Umuntu ophanayo uyo-
chuma,*[b]
Noma ubani owenza aba-
nye baqabuleke naye uyo-
qabuleka.[c]
26 Abantu bayomqalekisa
umuntu ogodla ukudla
okusanhlamvu,
Kodwa bayombusisa lowo
okudayisayo.
27 Okhuthalele ukwenza oku-
hle ufuna umusa,[d]
Kodwa othungatha okubi
—yilokho okuyomehlela.[e]
28 Othembela engcebweni ya-
khe uyowa,[f]
Kodwa abalungile bayo-
khephuzela njengamahla-
mvu.[g]
29 Noma ubani olethela indlu
yakhe inkathazo# uyotho-
la umoya,[h]
Umuntu oyisiwula uyoba
inceku yohlakaniphile
enhliziyweni.
30 Izithelo zolungile ziyisihla-
hla sokuphila,[i]
Nalowo ozuza imiphefumu-
lo* uhlakaniphile.[j]
31 Uma olungile ethola
umvuzo ngakwenzile em-
hlabeni,
Kangakanani-ke ngomubi
nesoni![k]

**12** Othanda isiyalo uthanda
ulwazi,[l]
Kodwa ozonda ukusolwa
akacabangi.*[m]
2 UJehova uyamamukela
umuntu omuhle,
Kodwa uyamlahla umuntu
wamacebo amabi.[n]

**ISAHL. 11**
*a* IzA 6:1, 5; IzA 20:16
*b* 1Sa 25:39; 1Pe 3:3, 4
*c* Luk 6:38
*d* Jak 5:3, 4
*e* Job 27:13, 14
*f* Gal 6:7, 8
*g* IzE 10:34, 35; IsA 2:10
*h* Hu 18:26; IzA 3:32
*i* Hu 51:6; IzA 15:8
*j* Shu 8:13; Hez 18:4
*k* Isay 26:9; Mat 5:6
*l* Dut 15:10; IzA 19:17; Shu 11:1, 2

**Uhla 2**
*a* Hag 1:6
*b* IzE 20:35; 2Ko 9:6
*c* Luk 6:38
*d* IzA 12:2
*e* Est 7:10; Hu 10:2
*f* Job 31:24, 28; Hu 52:5, 7
*g* Hu 1:2, 3; Hu 52:8
*h* Jos 7:15
*i* IzA 15:4
*j* 1Ko 9:20-22; Jak 5:19, 20
*k* Hez 18:24; 2Th 1:6; 1Pe 4:18

**ISAHL. 12**
*l* IzA 4:13
*m* Hu 32:9
*n* Dut 25:1; 1Kh 8:31, 32

**11:15** *NgesiHebheru, "okuzondayo." #Okuwukuthi, isifungo. **11:16** *Noma, "omuhle." **11:17** *Noma, "onothando oluqotho." **11:17, 29** #Noma, "ihlazo." **11:25** *NgesiHebheru, "uyokhuluphaliswa." **11:30** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **12:1** *Noma, "akanangqondo."

3 Umuntu ngeke azenze alondeke ngokwenza okubi,[a]
Kodwa abalungile abasoze basishulwe.
4 Umfazi onekhono ungumqhele kumyeni wakhe,[b]
Kodwa umfazi owenza ngokuhlazisayo unjengokubola emathanjeni omyeni wakhe.[c]
5 Imicabango yabalungile ingubulungisa,
Kodwa isiqondiso sababi siyinkohliso.
6 Amazwi ababi anjengomuntu ocuthele ukuhlasela nokubulala,[d]
Kodwa umlomo wabaqotho uyabakhulula.[e]
7 Lapho ababi begumbuqelwa ababe besaba khona,
Kodwa indlu yabalungile iyohlala imile.[f]
8 Umuntu uyadunyiswa ngenxa yomlomo wakhe onokuqonda,[g]
Kodwa onenhliziyo esontekile uyokwedelelwa.[h]
9 Kungcono ukubukelwa phansi kodwa ube unenceku
Kunokuziphakamisa kodwa ungenakudla.*[i]
10 Olungile unakekela izilwane zakhe ezifuywayo,[j]
Kodwa ngisho nesihe sababi sinesihluku.
11 Olima umhlabathi wakhe uyokwaneliswa ukudla,[k]
Kodwa ogijimisa izinto ezingenamsebenzi untula ukuhlakanipha.*
12 Omubi ufisa lokho okubanjwe abanye abantu ababi,
Kodwa impande yabalungile iveza izithelo.
13 Umuntu omubi ubanjwa inkulumo yakhe enesono,[l]
Kodwa olungile uyaphunyuka osizini.
14 Umuntu waneliswa okuhle okuvela esithelweni senkulumo* yakhe,[a]
Uyothola umvuzo ngomsebenzi wezandla zakhe.
15 Indlela yesiwula ilungile emehlweni aso,[b]
Kodwa ohlakaniphile wamukela isiyalo.*[c]
16 Isiwula siyashesha* ukubonisa ukucasuka,[d]
Kodwa onokuqonda akakunaki# ukuhlanjalazwa.
17 Ofakaza ngokwethembeka uyokhuluma iqiniso,*
Kodwa ufakazi wamanga ukhuluma inkohliso.
18 Inkulumo engacatshangiwe injengokuhlaba kwenkemba,
Kodwa ulimi lwabahlakaniphile luyaphilisa.[e]
19 Izindebe ezineqiniso ziyohlala phakade,[f]
Kodwa ulimi oluqamba amanga luyohlala umzuzwana nje.[g]
20 Inkohliso isenhliziyweni yalabo abaceba okubi,
Kodwa labo abakhuthaza ukuthula* banenjabulo.[h]
21 Akukho lutho olulimazayo oluyokwehlela olungile,[i]
Kodwa ukuphila kwababi kuyogcwala izinhlekelele.[j]
22 Izindebe eziqamba amanga ziyanengeka kuJehova,[k]
Kodwa abenza ngokwethembeka bayamjabulisa.
23 Umuntu onokuqonda uyakufihla akwaziyo,

---

**12:9** *NgesiHebheru, "ungenasinkwa." **12:11** *NgesiHebheru, "uswele inhliziyo."

**12:14** *NgesiHebheru, "somlomo." **12:15** *Noma, "iseluleko." **12:16** *Noma, "ngalo lolo suku." #NgesiHebheru, "uyakumboza." **12:17** *NgesiHebheru, "okulungile." **12:20** *NgesiHebheru, "abeluleka ngezindaba zokuthula."

ISAHL. 12
a Hu 37:10, 38
b IzA 18:22; IzA 19:14
c 1Kh 21:25
d 2Sa 17:1, 2
e Est 7:3, 4; IzA 14:3
f IzA 24:3; Mat 7:24, 25
g Gen 41:39; 1Sa 16:18
h 1Sa 25:14, 17; Mat 27:3, 4
i IzA 13:7
j Gen 33:12-14; Eks 23:12; Dut 22:4, 10; Dut 25:4; Jon 4:11
k IzA 28:19; Efe 4:28
l 1Kh 2:23, 24; Hu 5:6; Shu 5:6

Uhla 2
a IzA 13:2; IzA 18:20
b IzA 3:7; IzA 26:12
c IzA 1:5
d IzA 29:11
e IzA 16:24
f 1Pe 3:10
g IzA 19:9; IzE 5:3, 5
h Mat 5:9
i Hu 91:9, 10
j IzA 1:30, 31; Isay 48:22
k Hu 5:6; IzA 6:16, 17; IsA 21:8

Kodwa enhliziyweni yesiphukuphuku kuphuma
ubuwula.[a]
24 Izandla zabakhuthele ziyobusa,[b]
Kodwa izandla ezenqenayo ziyokwenziswa umsebenzi oyimpoqo.[c]
25 Ukukhathazeka enhliziyweni yomuntu kuyenza isindwe,*[d]
Kodwa izwi elihle liyenza ijabule.[e]
26 Olungile uhlola amadlelo akhe,
Kodwa indlela yababi ibenza banhlanhlathe.
27 Ivila aliyizingeli inyamazane,[f]
Kodwa ukukhuthala kuyingcebo eyigugu kumuntu.
28 Indlela yokulunga iholela ekuphileni;[g]
Endleleni yako akukho ukufa.

13 Indodana ehlakaniphile iyasamukela isiyalo sikayise,[h]
Kodwa umhleki wosulu akakulaleli ukukhuzwa.*[i]
2 Umuntu uyodla okuhle okuvela esithelweni senkulumo* yakhe,[j]
Kodwa abakhohlisayo bafisa ukwenza ubudlova.
3 Oqapha umlomo wakhe* uvikela ukuphila kwakhe,[k]
Kodwa ozivula kakhulu izindebe zakhe uyozilethela inhlekelele.[l]
4 Ivila liyazifisa izinto, kodwa alinalutho,[m]
Kodwa okhuthele uyokwaneliswa ngokugcwele.*[n]
5 Olungile uyawazonda amanga,[a]
Kodwa izenzo zababi zibangela ukululazeka nehlazo.
6 Ukulunga kuyamvikela ondlela yakhe imsulwa,[b]
Kodwa ububi buketula isoni.
7 Kukhona oshaya sengathi ucebile kanti akanalutho;[c]
Kukhona nomunye oshaya sengathi umpofu kanti unengcebo eningi.
8 Ukuphila komuntu kuhlengwa ingcebo yakhe,[d]
Kodwa abampofu bona akekho obasongelayo.*[e]
9 Ukukhanya kwabalungile kukhanya bha,*[f]
Kodwa isibani sababi siyocinywa.[g]
10 Ukugabadela kubangela ingxabano nje kuphela,[h]
Kodwa ukuhlakanipha okwalabo abawafunayo amacebiso.*[i]
11 Umcebo otholakale kalula* uyoncipha,[j]
Kodwa umcebo womuntu awuqongelela kancane kancane# uyokwanda.
12 Ukuhlehliswa kwento elindelwe kuyayigulisa inhliziyo,[k]
Kodwa isifiso esifezekile siyisihlahla sokuphila.[l]
13 Noma ubani odelela isiyalo* uyojeza,[m]
Kodwa ohlonipha umyalo uyovuzwa.[n]
14 Imfundiso* yohlakaniphile ingumthombo wokuphila[o]

ISAHL. 12
a IzA 10:19
b Gen 39:4; 1Kh 11:28
c IzA 19:15
d Hu 38:6; IzA 13:12; IzA 15:13
e IzA 16:24; Isay 50:4
f IzA 26:13-15
g Hu 37:27; IzA 10:7; Hab 2:4

ISAHL. 13
h Heb 12:7, 9
i 1Sa 2:22-25; IzA 9:7
j IzA 12:14; IzA 18:20
k Hu 39:1; Hu 141:3; IzA 21:23
l IzA 10:19; Mat 12:36
m IzA 26:13-15
n IzA 10:4; IzA 12:24

Uhla 2
a Hu 119:163; IzA 8:13; Efe 4:25
b Hu 25:21
c IzA 12:9
d Jer 41:8
e Jer 39:10
f Hu 97:11
g IzA 24:20
h Hlu 8:1
i IzA 11:2; IzA 24:6; IzE 15:5, 6
j IzA 28:8; Jer 17:11
k Hu 143:7
l Gen 21:5-7; Luk 2:29, 30
m 2Kr 36:15, 16
n Hu 19:8, 11; IzA 13:18
o IzA 24:14

**12:25** *Noma, "icindezeleke." **13:1** *Noma, "ukulungiswa." **13:2** *NgesiHebheru, "somlomo." **13:3** *Noma, "lokho akushoyo." **13:4** *NgesiHebheru, "uyokhuluphaliswa."

**13:8** *NgesiHebheru, "abakuzwa ukukhuzwa." **13:9** *NgesiHebheru, "kuyajabula." **13:10** *Noma, "ababonisanayo." **13:11** *Noma, "ovela ezintweni eziyize." #NgesiHebheru, "awubutha ngesandla." **13:13** *Noma, "izwi." **13:14** *Noma, "Umthetho."

Idedisa umuntu ezicuphwe-
ni zokufa.
15 Ukuqondisisa kwenza umu-
ntu athole umusa,
Kodwa indlela yabakhohli-
sayo ayinamusa.
16 Umuntu onokuqonda we-
nza ngendlela ebonisa
ukuthi unolwazi,[a]
Kodwa isiphukuphuku si-
veza ubuphukuphuku
baso.[b]
17 Isithunywa esibi sibangela
izinkathazo,[c]
Kodwa isithunywa esithe-
mbekile siletha ukuphulu-
kiswa.[d]
18 Noma ubani ongasinaki isi-
yalo uba mpofu futhi
ahlazeke,
Kodwa owamukela uku-
lungiswa* uyokhazinyuli-
swa.[e]
19 Kuba mnandi kumuntu* la-
pho isifiso sigcwaliseka,[f]
Kodwa iziphukuphuku azi-
funi ukusuka kokubi.[g]
20 Ohamba nabahlakaniphile
uyohlakanipha,[h]
Kodwa osebenzelana ne-
ziphukuphuku kuyomha-
mbela kabi.[i]
21 Izoni zijahwa inhlekelele,[j]
Kodwa abalungile bavuzwa
ngokuchuma.[k]
22 Umuntu omuhle ushiyela
abazukulu bakhe ifa,
Kodwa ingcebo yesoni iyo-
qongelelelwa olungile.[l]
23 Insimu elinyiwe yabampofu
ithela ukudla okuningi,
Kodwa ingase* ithathwe
ngenxa yokuntuleka ko-
bulungisa.
24 Noma ubani ogodla indu-
ku* yakhe uyayizonda
indodana yakhe,[a]
Kodwa oyithandayo uku-
khuthalele# ukuyiyala.[b]
25 Olungile uyadla asuthe,[c]
Kodwa isisu sababi asinalu-
tho.[d]

14 Owesifazane ohlakani-
phe ngempela uyaya-
kha indlu yakhe,[e]
Kodwa oyisiwula uyayidili-
za ngezandla zakhe.
2 Ohamba ngobuqotho uya-
mesaba uJehova,
Kodwa ozindlela zakhe zi-
nobuqili* uyamedelela.
3 Inkulumo enokuzidla yesi-
wula ifana nenduku yoku-
shaya umuntu,
Kodwa izindebe zabahlaka-
niphile ziyobavikela.
4 Lapho kungekho khona izi-
nkomo umkhombe* awu-
ngcoli,
Kodwa amandla enkunzi
enza kube nesivuno esini-
ngi.
5 Ufakazi othembekile ngeke
awaqambe amanga,
Kodwa ufakazi wamanga
uphafuza amanga nje.[f]
6 Umhleki wosulu ufuna uku-
hlakanipha kodwa akaku-
tholi,
Kodwa umuntu onokuqo-
nda uluthola kalula
ulwazi.[g]
7 Hambela kude nomuntu
oyisiphukuphuku,
Ngoba ngeke uluthole ulwa-
zi ezindebeni zakhe.[h]
8 Ngokuhlakanipha okhali-
phile uyayiqonda indlela
ahamba kuyo,

ISAHL. 13
a IzA 14:15
b 1Sa 25:25
c 2Sa 4:9, 10
d IzA 25:25
e Hu 141:5 IzA 15:32 Heb 12:11
f 1Kh 1:47, 48
g Amo 5:10
h IzE 4:13
i Gen 34:1, 2
j Dut 28:20
k Rom 2:9, 10
l Dut 6:10, 11

Uhla 2
a 1Sa 3:12, 13 1Kh 1:5, 6 IzA 29:15
b Dut 6:6, 7 IzA 19:18 IzA 22:15 Efe 6:4 Heb 12:6
c Hu 34:10 Hu 37:25
d Isay 65:13

ISAHL. 14
e IzA 24:3 IzA 31:26
f IzA 6:16, 19 IzA 19:5
g IzA 18:15
h IzA 13:20

**13:18** *Noma, "ukusolwa." **13:19** *Noma, "emphefumulweni." **13:23** *Noma, "angase."

**13:24** *Noma, "isiyalo; isijeziso." #Noma kungaba, "uyashesha." **14:2** *Noma, "zigwegwile." **14:4** *Isitsha esimise okogqoko okuthelwa kuso ukudla kwezilwane ezifuyiwe.

Kodwa iziphukuphuku zikhohliswa* ubuwula bazo.[a]
9 Iziphukuphuku zikwenza ihlaya ukwenza icala,[b]
Kodwa phakathi kwabaqotho kukhona isifiso sokubuyisana.
10 Inhliziyo iyabazi ubuhlungu bayo,
Umuntu oseceleni ngeke ayiqonde injabulo yayo.
11 Indlu yabantu ababi iyobhujiswa,[c]
Kodwa itende labaqotho liyochuma.
12 Kukhona indlela ebonakala iyinhle kumuntu,[d]
Kodwa isiphetho sayo ukufa.[e]
13 Ngisho noma umuntu ehleka, inhliziyo yakhe ingaba sezinhlungwini,
Futhi injabulo ingaphetha ngosizi.
14 Ongathembekile enhliziyweni uyovuna imiphumela yezindlela zakhe,[f]
Kodwa umuntu omuhle uvuna umphumela wemisebenzi yakhe.[g]
15 Oyisiphukuphuku* ukukholwa konke akuzwayo,
Kodwa okhaliphile uyacabangisisa ngazo zonke izinyathelo zakhe.[h]
16 Ohlakaniphile uyacophelela afulathele okubi,
Kodwa oyisiphukuphuku wenza ngobudedengu* futhi uzethemba ngokweqile.
17 Oshesha ukuthukuthela wenza ngobuwula,[i]
Kodwa umuntu ocabangisisayo* uyazondwa.

14:8 *Noma kungaba, "zikhohlisa abanye." 14:15 *Noma, "Ongenalwazi." 14:16 *Noma, "uyafutheka." 14:17 *Noma, "onekhono lokucabanga."

ISAHL. 14
a IzA 14:12
b IzA 10:23 IzA 30:20
c IzA 21:12
d IzA 30:12
e IzA 16:25
f IzA 1:32
g Gal 6:7, 8
h Neh 6:2, 3 IzA 27:12
i IzA 12:16 IzA 16:32

Uhla 2
a IzA 4:7-9
b IzA 19:7
c IzA 19:4
d Hu 41:1 IzA 19:17 Isay 58:7, 8
e Job 42:10 Hu 25:10
f IzA 28:19
g IzA 27:22
h Hu 34:9 Rom 8:31
i IzA 18:10 Jer 15:11

18 Abayiziphukuphuku* bayozuza ubuwula,
Kodwa abakhaliphile bathwaliswa umqhele wolwazi.[a]
19 Abantu ababi kuyomelwe bakhothame phambi kwabalungile,
Nabantu abakhohlakele bayokhothama emasangweni abalungile.
20 Umuntu ohluphekayo uzondwa ngisho nangomakhelwane bakhe,[b]
Kodwa baningi abangani besicebi.[c]
21 Ozonda umakhelwane wakhe wenza isono,
Kodwa noma ubani ombonisa umusa ophansi uyajabula.[d]
22 Ngeke yini baphambuke labo abaceba okubi?
Kodwa labo abahlose ukwenza okuhle bayothola uthando oluqotho nokwethembeka.[e]
23 Kukhona inzuzo kuzo zonke izinhlobo zomsebenzi onzima,
Kodwa ukugcina ngokukhuluma nje kuholela ekusweleni.[f]
24 Umqhele wabahlakaniphile yingcebo yabo;
Kodwa ubuwula beziphukuphuku bungubuwula nje kuphela.[g]
25 Ufakazi weqiniso usindisa ukuphila,
Kodwa okhohlisayo uphafuza amanga nje.
26 Kukhona ukuqiniseka okukhulu kumuntu owesaba uJehova,[h]
Futhi kuyoba isiphephelo ezinganeni zakhe.[i]
27 Ukwesaba uJehova kungumthombo wokuphila,

14:18 *Noma, "Abangenalwazi."

Kwenza umuntu adede ezingibeni zokufa.
28 Abantu abaningi bangamandla enkosi,[a]
Kodwa umbusi ongenabo abantu ababusayo akalutho.
29 Owephuza ukuthukuthela unokuqonda okukhulu,[b]
Kodwa ongenaso isineke uveza ubuwula bakhe.[c]
30 Inhliziyo ezolile yenza umzimba uphile,*
Kodwa umona ungukubola emathanjeni.[d]
31 Oqola ophansi uhlambalaza uMenzi wakhe,[e]
Kodwa obonisa umusa kompofu uyamkhazimulisa.*[f]
32 Omubi uyowiswa ububi bakhe,
Kodwa olungile uyothola isiphephelo ebuqothweni bakhe.[g]
33 Ukuhlakanipha kuhlala kuthule enhliziyweni yomuntu onokuqonda,[h]
Kodwa oyisiphukuphuku uhlale eqhosha ngezinto azaziyo.
34 Ukulunga kuphakamisa isizwe,[i]
Kodwa isono siyihlazo kubantu.
35 Inkosi iyajabula ngenceku eyenza ngokuqonda,[j]
Kodwa iba nolaka kuleyo eyenza ngokuhlazisayo.[k]

**15** Impendulo emnene iyakunqanda ukufutheka,[l]
Kodwa izwi elihlabayo* libangela ulaka.[m]
2 Ulimi lwabahlakaniphile lulusebenzisa kahle ulwazi,[n]
Kodwa emlonyeni weziphukuphuku kuphuma ubuwula.
3 Amehlo kaJehova akuyo yonke indawo,
Aqapha ababi nabahle.[a]
4 Ulimi oluzolile* luyisihlahla sokuphila,[b]
Kodwa inkulumo engamanga ibangela ukudangala.#
5 Isiwula siyasedelela isiyalo sikayise,[c]
Kodwa ohlakaniphile uyakwamukela ukulungiswa.*[d]
6 Endlini yolungile kukhona ingcebo eningi,
Kodwa umkhiqizo* womubi umlethela izinkathazo.[e]
7 Izindebe zabahlakaniphile zisabalalisa ulwazi,[f]
Kodwa inhliziyo yabayiziphukuphuku ayinjalo.[g]
8 Umhlatshelo wababi uyanengeka kuJehova,[h]
Kodwa umthandazo wabaqotho uyamjabulisa.[i]
9 UJehova uyayizonda indlela yomubi,[j]
Kodwa uyamthanda oshisekela ukulunga.[k]
10 Isiyalo sibonakala sisibi* kulowo oyishiyayo indlela,[l]
Kodwa noma ubani ozonda ukusolwa uyokufa.[m]
11 IThuna* nendawo yokubhubha# kubonakala kahle kuJehova.[n]
Kangakanani-ke ngezinhliziyo zabantu![o]

ISAHL. 14
a 1Kh 4:21
b IzA 17:27 Jak 1:19
c IzA 25:28 IzA 29:11 Shu 7:9
d Gen 37:3, 4 1Sa 18:8, 9
e Dut 24:14, 15 Hu 12:5
f Mat 19:21
g IzA 2:7 IzA 10:9
h IzA 15:28
i Dut 4:6
j 2Sa 15:32-34 IzA 22:29
k 1Kh 2:44, 46

ISAHL. 15
l Hlu 8:2, 3 1Sa 25:32, 33 IzA 25:15
m 1Kh 12:14, 16
n IzA 16:23 Isay 50:4

Uhla 2
a 2Kr 16:9 Hu 11:4 Heb 4:13
b IzA 12:18 IzA 16:24 IzA 17:27
c 1Sa 2:22-25
d Hu 141:5 IzA 13:1 Heb 12:11
e Jak 5:3, 4
f Hu 37:30 Mat 10:27
g Mat 12:34, 35
h Isay 1:11
i Jak 5:16 1Pe 3:12 1Jo 3:21, 22
j Hu 146:9
k Isay 26:7
l 1Kh 18:17, 18
m Lev 26:21 IzA 1:32
n Hu 139:8
o Jer 17:10 Heb 4:13

**14:30** *Noma, "ube nempilo." **14:31** *Okuwukuthi uNkulunkulu. **15:1** *Noma, "elibuhlungu."

**15:4** *Noma, "oluphilisayo." #Ngesi-Hebheru, "ukuphuka komoya." **15:5** *Noma, "ukusolwa." **15:6** *Noma, "umholo." **15:10** *Noma, "sinzima." **15:11** *Noma, "IShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. #Noma, "ne-Abhadoni."

12 Umhleki wosulu akamthandi umuntu omlungisayo.*[a]
Ngeke abuze kwabahlakaniphile.[b]
13 Inhliziyo ejabulayo yenza ubuso bube buhle,
Kodwa ubuhlungu benhliziyo buqeda amandla.*[c]
14 Inhliziyo eqondayo ifuna ulwazi,[d]
Kodwa umlomo wabayiziphukuphuku uzondla ngobuwula.*[e]
15 Zonke izinsuku zohluphekile zimbi,[f]
Kodwa onenhliziyo ejabulayo* uhlale enedili.[g]
16 Kungcono okuncane okuhambisana nokwesaba uJehova[h]
Kunengcebo eningi ehambisana nokukhathazeka.*[i]
17 Singcono isidlo semifino lapho kukhona khona uthando[j]
Kunenkunzi ekhuluphele* ehambisana nenzondo.[k]
18 Umuntu osheshe acasuke ubhebhezela ingxabano,[l]
Kodwa owephuza ukuthukuthela uyayiqeda ingxabano.[m]
19 Indlela yevila injengothango lwameva,[n]
Kodwa indlela yabaqotho injengomgwaqo owakhiwe kahle.[o]
20 Indodana ehlakaniphile yenza uyise ajabule,[p]
Kodwa umuntu oyisiphukuphuku udelela unina.[q]
21 Ubuwula buyintokozo kumuntu ontula ukuhlakanipha,*[a]
Kodwa umuntu onokuqonda uhamba endleleni efanele.[b]
22 Amacebo awaphumeleli lapho kungekho khona ukubonisana,*
Kodwa kuba khona okufezwayo uma abeluleki bebaningi.[c]
23 Uyajabula umuntu ophendula ngendlela efanele,[d]
Nezwi elikhulunywe ngesikhathi esifanele—yeka ukuthi lihle kanjani![e]
24 Umuntu onokuqonda usendleleni yokuphila, indlela eholela phezulu,[f]
Uyayigwema indlela eya phansi eThuneni.*[g]
25 UJehova uyoyidiliza indlu yabaqhoshayo,[h]
Kodwa uyowulonda umngcele womfelokazi.[i]
26 UJehova uyawenyanya amacebo omubi,[j]
Kodwa amazwi amnandi ahlanzekile kuye.[k]
27 Owenza inzuzo ngobuqili ulethela umndeni wakhe izinkinga,*[l]
Kodwa ozonda ukufumbathiswa uyoqhubeka ephila.[m]
28 Inhliziyo yolungile iyazindla ngaphambi kokuphendula,*[n]
Kodwa umlomo wababi ukhipha izinto ezimbi.
29 UJehova ukude nababi,

ISAHL. 15
a IzA 9:7; Joh 3:20; Joh 7:7
b 2Kr 18:6, 7
c IzA 12:25; IzA 17:22
d Hu 119:97; IzE 17:11
e Isay 30:9, 10
f Job 3:11
g IzE 16:23-25
h Hu 37:16
i IzA 15:17
j Hu 133:1
k IzA 17:1
l IzA 10:12
m Gen 13:8, 9; 1Sa 25:23, 24; IzA 25:15; Jak 1:19
n IzA 26:13-15
o Isay 30:21
p IzA 27:11
q IzA 23:22; IzA 30:17

Uhla 2
a IzA 26:18, 19; Shu 7:4
b IzA 10:23; Efe 5:15, 16; Jak 3:13
c IzA 20:18
d Efe 4:29
e 1Sa 25:32, 33; IzA 25:11
f Mat 7:13, 14
g IzA 8:35, 36
h Luk 18:14
i Hu 146:9
j IzA 6:16, 18
k Hu 19:14
l Dut 16:19; 1Sa 8:1, 3; IzA 1:19
m Isay 33:15, 16
n IzA 16:23

**15:12** *Noma, "omsolayo." **15:13** *Noma, "buyawuchoboza umoya." **15:14** *Noma, "ukhuluma ubuwula." **15:15** *Noma, "enhle." **15:16** *Noma, "nesiphithiphithi." **15:17** *NgesiHebheru, "edla emkhombeni." **15:21** *NgesiHebheru, "oswele inhliziyo." **15:22** *Noma, "inkulumo eyisifuba." **15:24** *Noma, "eShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **15:27** *Noma, "ihlazo." **15:28** *Noma, "iyacabangisisa ukuthi izophendula kanjani; iyacabanga ngaphambi kokuba ikhulume."

Kodwa uyawuzwa umthandazo wabalungile.[a]
30 Umuntu okubuka ngamehlo ajabulayo* ukwenza ujabule;
Umbiko omuhle uvuselela# amathambo.[b]
31 Umuntu olalela ukusolwa okuphilisayo
Uyajabula uma ephakathi kwabahlakaniphile.[c]
32 Noma ubani owenqaba isiyalo uzonda ukuphila kwakhe,[d]
Kodwa noma ubani olalela ukusolwa uzuza ukuqonda.*[e]
33 Ukwesaba uJehova kufundisa umuntu ukuba enze ngokuhlakanipha,[f]
Ukuthobeka kwandulela ukukhazinyuliswa.[g]

16 Umuntu uhlela imicabango enhliziyweni yakhe,
Kodwa impendulo ayinikezayo* ivela kuJehova.[h]
2 Zonke izindlela zomuntu zibonakala zilungile* kuye,[i]
Kodwa uJehova uhlola izisusa.[j]
3 Noma yini oyenzayo yenzele uJehova,*[k]
Khona-ke amacebo akho ayophumelela.
4 UJehova wenza zonke izinto zifeze injongo yakhe,
Ngisho nababi bayabhujiswa ngosuku lwenhlekelele.[l]
5 Wonke umuntu oziqhenyayo enhliziyweni uyanengeka kuJehova.[m]
Qiniseka ngokuthi ngeke angajeziswa.
6 Isiphambeko sihlawulelwa ngothando oluqotho nangokwethembeka,[a]
Ngokwesaba uJehova umuntu uyakufulathela okubi.[b]
7 Lapho uJehova ejabula ngezindlela zomuntu,
Wenza ngisho nezitha zakhe zibe nokuthula naye.[c]
8 Kungcono okuncane okuhambisana nokulunga[d]
Kunengcebo eningi bube bungekho ubulungisa.[e]
9 Umuntu angase ahlele indlela yakhe enhliziyweni,
Kodwa nguJehova oqondisa izinyathelo zakhe.[f]
10 Isinqumo esiphefumulelwe* kufanele sibe sezindebeni zenkosi;[g]
Akumele nanini ihlanekezele ubulungisa.[h]
11 Izilinganiso nezikali ezinembile zivela kuJehova;
Zonke izisindo ezisesikhwameni zingumsebenzi wakhe.[i]
12 Imikhuba emibi iyanengeka emakhosini,[j]
Ngoba isihlalo sobukhosi simiswa siqine ngokulunga.[k]
13 Inkulumo elungile imnandi emakhosini.
Ayamthanda umuntu okhuluma iqiniso.[l]
14 Ulaka lwenkosi lufana nesithunywa esiletha umbiko wokufa,[m]
Kodwa umuntu ohlakaniphile uyaludambisa.*[n]
15 Uma inkosi ibonisa umuntu umusa, lowo muntu uyoba nokuphila okumnandi;

---

**15:30** *NgesiHebheru, "akhanyayo." #NgesiHebheru, "ukhuluphalisa." **15:32** *NgesiHebheru, "inhliziyo." **16:1** *Noma, "efanele." NgesiHebheru, "yolimi." **16:2** *NgesiHebheru, "zimsulwa." **16:3** *NgesiHebheru, "Gingqela imisebenzi yakho kuJehova."

**16:10** *Noma, "saphezulu." **16:14** *Noma, "uyalugwema."

---

**ISAHL. 15**
a Hu 34:15, 16; Hu 138:6; Hu 145:19; Joh 9:31
b IzA 16:24; IzA 25:25
c IzA 9:8; IzA 19:20
d IzA 5:12, 14; Heb 12:25
e IzA 13:18; Mat 7:24, 25
f Hu 111:10
g IzA 18:12; Jak 4:10

**ISAHL. 16**
h Jer 1:9; Luk 12:11, 12
i 1Sa 15:13, 14; Hu 36:1, 2; IzA 21:2; Jer 17:9
j 1Sa 16:6, 7; IzA 24:12
k Hu 37:5; Flp 4:6, 7
l Eks 14:4; Rom 9:21
m IzA 6:16, 17; IzA 8:13; IzA 21:4

**Uhla 2**
a IzE 3:19
b Neh 5:8, 9; 2Ko 7:1
c Gen 31:24; Eks 34:24
d 1Ti 6:6
e Hu 37:16; Jer 17:11
f IzA 16:1; Jer 10:23
g Dut 17:18, 19; 1Kh 3:28
h Hu 72:1, 14
i Lev 19:36; IzA 11:1
j IzA 20:26
k IzA 29:14; IsA 19:11
l Hu 101:6
m 1Sa 22:17, 18; 1Kh 2:29
n Shu 10:4

Umusa wayo unjengefu lemvula entwasahlobo.[a]
16 Yeka ukuthi kungcono kangakanani ukuthola ukuhlakanipha kunegolide![b]
Kufanele ukhethe ukuzuza ukuqonda kunokuzuza isiliva.[c]
17 Indlela yabaqotho iyakugwema okubi.
Noma ubani oqapha indlela yakhe ulonda ukuphila kwakhe.[d]
18 Ukuzidla kwandulela ukuphahlazeka,
Nokuzikhukhumeza kwandulela ukuwa.[e]
19 Kungcono ukuba othobekile* phakathi kwabamnene[f]
Kunokuhlukaniselana impahla ephangiwe yabazidlayo.
20 Obonisa ukuqonda endabeni uyophumelela,*
Uyajabula othembela kuJehova.
21 Ohlakaniphile enhliziyweni kuyothiwa uyaqonda,[g]
Nokhuluma amazwi anomusa* uyalalelwa.[h]
22 Ukuqondisisa kungumthombo wokuphila kulabo abanako,
Kodwa iziwula ziyalwa ubuwula bazo.
23 Inhliziyo yomuntu ohlakaniphile yenza umlomo wakhe ube nokuqondisisa[i]
Yenze nokuba akushoyo kulalelwe.
24 Amazwi amnandi ayikhekheba lezinyosi,
Amnandi emphefumulweni* futhi elapha amathambo.[a]
25 Kukhona indlela ebonakala iyinhle kumuntu,
Kodwa isiphetho sayo ukufa.[b]
26 Iphango* lesisebenzi lisenza sisebenze kanzima
Ngoba ukulamba# kwaso kuyasigqugquzela.[c]
27 Umuntu ongelusizo lwalutho umba okubi;[d]
Akushoyo kunjengomlilo ohangulayo.[e]
28 Umuntu ophehla udweshu* udala ingxabano,[f]
Nomnyundeli uhlukanisa abangani abakhulu.[g]
29 Umuntu onobudlova uyenga umakhelwane wakhe
Amholele endleleni okungeyona.
30 Ucifa iso lakhe njengoba eceba okubi.
Uluma izindebe zakhe njengoba eganga.
31 Izinwele ezimpunga zingumqhele wobuhle*[h]
Lapho zitholwa umuntu ohamba endleleni yokulunga.[i]
32 Owephuza ukuthukuthela[j] ungcono kunendoda enamandla,
Nolawula intukuthelo* yakhe ungcono kunomuntu onqoba idolobha.[k]
33 Inkatho yenzelwa ethangeni,[l]
Kodwa zonke izinqumo ezenziwa ngayo zivela kuJehova.[m]

16:19 *NgesiHebheru, "nomoya omnene." 16:20 *NgesiHebheru, "uyothola okuhle." 16:21 *Noma, "Nenkulumo emnandi." NgesiHebheru, "Nezindebe ezimnandi."

16:24 *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. 16:26 *Noma, "Umphefumulo." #NgesiHebheru, "umlomo." 16:28 *Noma, "oceba amacebo." 16:31 *Noma, "wenkazimulo." 16:32 *NgesiHebheru, "umoya."

ISAHL. 16
a Hu 72:1, 6
b Shu 7:12
c IzA 4:7
d IzA 10:9
e IzA 11:2; Dan 4:30-32
f Isay 57:15
g IzA 4:7
h Luk 4:22; Kol 4:6
i IzA 22:17, 18; Mat 12:35

Uhla 2
a IzA 4:20-22; IzA 12:18
b IzA 14:12; Mat 7:22, 23
c Shu 6:7
d IzA 6:12, 14
e Jak 3:6
f Jak 3:16
g Gen 3:1; 1Sa 24:9; Rom 16:17
h Lev 19:32; Job 32:7; IzA 20:29
i Hu 92:12-14
j IzA 14:29; Jak 1:19
k IzA 25:28
l Num 26:55; IzA 18:18
m 1Sa 14:41, 42; IzE 1:24, 26

**17** Lungcono ucezu lwesinkwa olomile lapho kunokuthula khona[a]
Kunendlu enedili* enezingxabano.[b]
2 Inceku enokuqondisisa iyobusa indodana eziphatha ngokuhlazisayo;
Iyothola ifa njengomunye wezelamani.
3 Imbiza yokucwenga ingeyesiliva nesithando somlilo singesegolide,[c]
Kodwa uJehova ungumhloli wezinhliziyo.[d]
4 Omubi uyayinaka inkulumo elimazayo,
Nomuntu okhohlisayo uyalulalela ulimi olulimazayo.[e]
5 Noma ubani omhleka usulu ohluphekayo uhlambalaza uMenzi wakhe,[f]
Nanoma ubani ojabula ngenhlekelele yomunye ngeke angajeziswa.[g]
6 Abazukulu bangumqhele wasebekhulile,
Nobaba* bawudumo emadodaneni# abo.
7 Abantu abakulindele ukuba isiphukuphuku sikhulume into efanele.*[h]
Abalindele ngisho nakakhulu ukuba umbusi# aqambe amanga![i]
8 Isipho sifana netshe eliyigugu* kumnikazi waso;[j]
Nomaphi lapho eya khona simenza aphumelele.[k]
9 Noma ubani othethelela* isiphambeko ufuna uthando,[l]
Kodwa lowo oqhubeka ekhuluma ngendaba uhlukanisa abangani abakhulu.[a]
10 Ukukhuza kungena kujule konokuqonda[b]
Kunokushaya isiphukuphuku kayikhulu.[c]
11 Umuntu omubi ufuna ukudlubulunda nje kuphela,
Kodwa isithunywa esinesihluku siyothunywa ukuba simjezise.[d]
12 Kungcono ukuhlangana nebhere elifelwe amawundlu alo
Kunokuhlangana nomuntu oyisiwula ebuwuleni bakhe.[e]
13 Uma umuntu ebuyisela okuhle enzelwe kona ngokubi,
Okubi ngeke kusuke endlini yakhe.[f]
14 Ukuqala impi kunjengokuvulela amanzi amaningi;*
Ngaphambi kokuba kuqale ingxabano, hamba.[g]
15 Noma ubani othi omubi akanacala nanoma ubani othi olungile unecala[h]
—Bobabili bayanengeka kuJehova.
16 Kusiza ngani ukuthi isiphukuphuku sinendlela yokuzuza ukuhlakanipha
Sibe singenayo inhliziyo yokukuzuza?*[i]
17 Umngani weqiniso ubonisa uthando ngaso sonke isikhathi[j]
Futhi uba umfowenu ngesikhathi sosizi.[k]
18 Umuntu ontula ukuhlakanipha* wenza isifungo#

17:1 *NgesiHebheru, "enemihlatshelo." 17:6 *Noma, "Nabazali." #Noma, "ezinganeni." 17:7 *Noma, "ewusizo." #Noma, "isicukuthwane." 17:8 *Noma, "siyitshe elilетha umusa." 17:9 *NgesiHebheru, "omboza."

17:14 *NgesiHebheru, "kunjengokuvulela amanzi." 17:16 *Noma, "Sibe sintula ukuhlakanipha?" 17:18 *NgesiHebheru, "oswele inhliziyo." #Noma, "isivumelwano."

ISAHL. 17
a Hu 37:16
b IzA 15:16, 17; IzA 21:9, 19
c IzA 27:21
d Hu 26:2; IzA 21:2; IzA 24:12
e Jer 5:31
f IzA 14:31
g IzA 24:17; Obad 12
h IzA 26:7
i IzA 16:10
j Gen 32:20; 2Sa 16:1
k 1Sa 25:18, 35; IzA 18:16; IzA 19:6
l IzA 10:12; 1Pe 4:8

Uhla 2
a IzA 16:28
b Hu 141:5; IzA 9:8
c IzA 27:22
d 2Sa 18:15; 2Sa 20:1, 22; 1Kh 2:22, 24
e IzA 27:3
f 2Sa 12:8-10
g Gen 13:8, 9; IzA 25:8; Mat 5:39; Rom 12:18
h Eks 23:7; 1Kh 21:13; Isay 5:22, 23
i IzA 1:22; Rom 1:20, 21
j IzA 18:24; Joh 15:13
k Rut 1:16, 17; 1Sa 19:2

Sokuthi uzosikhokha isi-
kweletu somunye umuntu
phambi kukamakhelwane
wakhe.[a]
19 Othanda ingxabano uzowe-
la esiphambekweni.[b]
Noma ubani oyenza ipha-
kame indlela yakhe enge-
nayo uzibizela ukuphahla-
zeka.[c]
20 Onenhliziyo eyonakele nge-
ke aphumelele,*[d]
Nokhuluma inkohliso uyo-
wela enhlekeleleni.
21 Ozala ingane eyisiphuku-
phuku uyoba nosizi;
Noyise wengane engena-
ngqondo akajabuli.[e]
22 Inhliziyo ejabulayo ingumu-
thi owelaphayo,*[f]
Kodwa umoya omunyu uqe-
da amandla.#[g]
23 Omubi uyokwamukela isi-
fumbathiso ekusithekeni
Ukuze aphendukezele ubu-
lungisa.[h]
24 Ukuhlakanipha kuphambi
komuntu oqondayo,
Kodwa amehlo esiphuku-
phuku aqalaza kuze kube
semaphethelweni om-
hlaba.[i]
25 Indodana eyisiphukuphuku
ilethela uyise usizi
Nenhliziyo ebuhlungu* ku-
lowo owayizala.[j]
26 Ukujezisa* olungile akuku-
hle,
Nokushaya abahlonishwa
kumelene nokulungile.
27 Umuntu onolwazi uyawaba-
mba amazwi akhe,[k]
Nomuntu onokuqonda uyo-
hlale ezolile.[l]

**17:20** *NgesiHebheru, "akuthole okuhle." **17:22** *Noma, "iyikhambi elihle." #Noma, "womisa amathambo." **17:25** *NgesiHebheru, "Nomunyu." **17:26** *Noma, "Ukuhlawulisa."

ISAHL. 17
a IzA 11:15; IzA 22:26, 27
b Jak 3:16
c 2Sa 15:2-4
d Hu 18:26; IzA 6:14, 15
e 1Sa 2:22-25; 1Sa 8:1-3; 2Sa 15:14
f IzA 12:25; IzA 15:13
g IzA 18:14
h Eks 23:8
i Shu 2:14
j IzA 15:20
k IzA 10:19; Jak 1:19
l IzA 15:4; Shu 9:17; Jak 3:13

Uhla 2

ISAHL. 18
a IzA 10:19
b IzA 11:2
c IzA 10:11
d Dut 1:16, 17; IzA 28:21
e 1Kh 21:9, 10
f IzA 13:10
g IzA 19:19
h IzA 13:3
i Lev 19:16
j IzA 26:22
k IzA 10:4
l 1Sa 17:45, 46; Hu 20:1

28 Ngisho nesiwula esithulayo
siyobhekwa njengohlaka-
niphile,
Novala izindebe zakhe uyo-
bhekwa njengonokuqo-
nda.

18 Noma ubani ozihlukani-
sayo ufuna ukufeza izi-
fiso zakhe zobugovu;
Wenqaba* konke ukuhlaka-
nipha okuwusizo.
2 Umuntu oyisiphukuphuku
akajabuli ngokuqonda;
Uncamela ukwambula oku-
senhliziyweni yakhe.[a]
3 Lapho kufika omubi, kufika
nokwedelela,
Nehlazo lihambisana nesi-
hlamba.[b]
4 Amazwi aphuma emlonyeni
womuntu angamanzi aju-
lile.[c]
Umthombo wokuhlakani-
pha uwumfudlana ophu-
phumayo.
5 Akukuhle ukukhetha
omubi[d]
Noma ukugodlela umuntu
olungile ubulungisa.[e]
6 Inkulumo yesiphukuphuku
ibanga ingxabano,[f]
Nomlomo waso uzibizela
induku.[g]
7 Umlomo wesiphukuphuku
uwukubhujiswa kwaso,[h]
Nezindebe zaso ziwugibe
ekuphileni kwaso.
8 Amazwi omnyundeli anje-
ngokudla okumnandi;[i]
Ayagwinywa angene phaka-
thi esiswini.[j]
9 Noma ubani ovilaphayo
emsebenzini wakhe
Ungumfowabo womuntu
obangela incithakalo.[k]
10 Igama likaJehova lingum-
bhoshongo oqinile.[l]

**18:1** *Noma, "Wedelela."

Olungile ubalekela kuwo
athole isivikelo.*[a]
11 Ingcebo yomuntu ocebile
yidolobha lakhe elinezivikelo eziqinile;
Engqondweni yakhe ifana
nodonga oluvikelayo.[b]
12 Inhliziyo eqhoshayo yandulela ukuphahlazeka komuntu,[c]
Ukuthobeka kwandulela
udumo.[d]
13 Lapho umuntu ephendula
indaba ngaphambi kokuba ezwe amaqiniso,
Lokho kungubuwula nokuhlazeka.[e]
14 Umoya omuhle* ungamqinisa umuntu lapho egula,[f]
Kodwa ubani ongabekezelela umoya omunyu?#[g]
15 Inhliziyo yoqondayo izuza
ulwazi,[h]
Nendlebe yohlakaniphile
ifuna ukuthola ulwazi.
16 Isipho somuntu simvulela
indlela;[i]
Simhlanganisa nezikhulu.*
17 Olwethula kuqala udaba
lwakhe ubonakala elungile,[j]
Kuze kube yilapho kufika
lowo ommangalele amphenye ngemibuzo.*[k]
18 Inkatho iyaziqeda izingxabano[l]
Ixazulule nemibango eshubile.*
19 Kulula ukuthumba idolobha elinezivikelo eziqinile
kunokunqanda ulaka lomfowenu owoniwe,[m]
Futhi kukhona izingxabano
ezinjengemigoqo yenqaba.[a]
20 Umuntu uyosuthiswa okuvela esithelweni senkulumo yakhe;[b]
Uyobhekana nemiphumela
yezinto azishoyo.
21 Ukufa nokuphila kusemandleni olimi;[c]
Labo abathanda ukulusebenzisa bayodla izithelo
zalo.[d]
22 Lowo othole umfazi omuhle, uthole into enhle,[e]
Uthola nomusa* kaJehova.[f]
23 Umuntu ohluphekayo uyancenga lapho ekhuluma,
Kodwa ocebile uphendula
ngokhahlo.
24 Kukhona abangani abaphihlizanayo,[g]
Kodwa kukhona umngani
onamathela ngaphezu komfowenu.[h]

**19** Kungcono ukuba mpofu
kodwa uhambe ngobuqotho[i]
Kunokuba isiphukuphuku
ukhulume amanga.[j]
2 Akukuhle ukuba umuntu
angabi nalo ulwazi,[k]
Nowenza ngamawala*
uyona.
3 Ngubuwula bomuntu obuhlanekezela indlela yakhe,
Nenhliziyo yakhe ifuthekela uJehova.
4 Umcebo uheha abangani
abaningi,
Kodwa ompofu uyolahlwa
ngisho nangumngani wakhe.[l]
5 Ufakazi wamanga ngeke
ayekwe angajeziswa,[m]
Nophafuza amanga ngeke
aphunyuke.[n]

ISAHL. 18
a Hu 18:2; Hu 91:14
b Hu 49:6, 7; IzA 11:4; Jer 9:23; Luk 12:19-21
c IzA 11:2; Dan 5:23, 30; IzE 12:21-23
d IzA 22:4; 1Pe 5:5
e IzA 25:8
f Job 1:21; 2Ko 4:16; 2Ko 12:10
g IzA 17:22
h 1Kh 3:7-9; IzA 9:9
i Gen 43:11; IzA 17:8
j 2Sa 16:3, 4
k 2Sa 19:25-27; IzA 25:8
l Jos 14:1, 2; Neh 11:1; IzA 16:33
m Gen 27:41; 2Sa 13:22

Uhla 2
a 2Sa 14:28; IzE 15:37-39
b IzA 12:14; IzA 13:2
c Mat 15:18; Efe 4:29; Jak 3:6, 9
d Shu 10:12
e IzA 31:10
f IzA 19:14; Shu 9:9
g 2Sa 15:31; Mat 26:49
h 1Sa 19:2, 4; IzA 17:17

ISAHL. 19
i IzA 15:16; Jak 2:5
j IzA 28:6
k Rom 10:2
l IzA 14:20
m Dut 19:18, 19
n IzA 19:9

**18:10** *NgesiHebheru, "aphakanyiselwe phezulu," okuwukuthi, endaweni engenakufinyelelwa, ephephile. **18:14** *NgesiHebheru, "Umoya womuntu." #Noma, "ukuphelelwa ithemba?" **18:16** *Noma, "nezicukuthwane." **18:17** *Noma, "amhlolisise." **18:18** *NgesiHebheru, "Ihlukanise nezitha ezinamandla."

**18:22** *Noma, "Uthakazelelwa." **19:2** *Noma, "ngokuphamazela."

6 Baningi abafuna umusa wesicukuthwane,*
Futhi wonke umuntu ungumngani womuntu onikana izipho.
7 Umuntu ompofu uzondwa yibo bonke abafowabo;[a]
Yeka ukuthi abangani bakhe abamfuni kangakanani![b]
Uyabalandela ebancenga, kodwa akekho osabelayo.
8 Noma ubani ozuza ukuhlakanipha* uzithanda yena.[c]
Noma ubani owazisa ukuqonda uyophumelela.#[d]
9 Ufakazi wamanga ngeke ayekwe angajeziswa,
Nophafuza amanga uyoshabalala.[e]
10 Ukunethezeka akumfaneli oyisiphukuphuku;
Kakhulu kangakanani-ke ukuba inceku ibuse izikhulu![f]
11 Ukuqondisisa komuntu nakanjani kuyaludambisa ulaka lwakhe,[g]
Futhi kungubuhle kuye ukushalazelela ukoniwa.*[h]
12 Ulaka lwenkosi lunjengokugwavuma kwebhubesi,*[i]
Kodwa umusa wayo unjengamazolo ezintweni ezimilayo.
13 Indodana eyisiphukuphuku ilethela uyise ukuhlupheka,[j]
Nomfazi othanda ingxabano* unjengophahla olulokhu luvuze njalo.[k]
14 Umuzi nomcebo kuyifa elivela kobaba,
Kodwa umfazi onokuqonda uvela kuJehova.[a]
15 Ubuvila bubangela ubuthongo obujulile,
Umuntu oyivila uyobulawa indlala.[b]
16 Ogcina umyalo ugcina ukuphila kwakhe;[c]
Obudedengu ezindleleni zakhe uyokufa.[d]
17 Obonisa ophansi umusa uboleka uJehova,[e]
Futhi Yena uyombuyisela* ngalokho akwenzayo.[f]
18 Yala indodana yakho lisekhona ithemba,[g]
Ungabi nesandla ekufeni* kwayo.[h]
19 Osheshe acasuke uyohlawula;
Uma uzama ukumsiza, kuyomelwe umsize njalo.[i]
20 Lalela iseluleko wamukele isiyalo,[j]
Ukuze uhlakaniphe esikhathini esizayo.[k]
21 Maningi amacebo enhliziyweni yomuntu,
Kodwa yintando* kaJehova eyokuma.[l]
22 Into efiselekayo kumuntu uthando lwakhe oluqotho;[m]
Kungcono ukuhlupheka kunokuba umqambimanga.
23 Ukwesaba uJehova kuholela ekuphileni;[n]
Umuntu omesabayo uyophumula kamnandi, angalinyazwa yilutho.[o]
24 Ivila lifaka isandla esitsheni,
Kodwa alizihluphi ngisho nangokusibuyisela emlonyeni walo.[p]

**19:6** *Noma, "womuntu ophanayo." **19:8** *NgesiHebheru, "inhliziyo." #NgesiHebheru, "uyothola okuhle." **19:11** *Noma, "isiphambeko." **19:12** *Noma, "kwebhubesi eliselincane elinomhlwenga." **19:13** *Noma, "oyisicefe; obeleselayo."

**19:17** *Noma, "uyomvuza." **19:18** *Noma, "Ungafisi ukufa." **19:21** *Noma, "injongo; iseluleko."

ISAHL. 19
a IzA 14:20
b Shu 9:14, 15; Jak 2:2, 3
c IzA 15:32
d IzA 2:2, 5
e IzA 19:5; IsA 21:8
f 2Sa 3:24; 2Sa 3:38, 39; IzA 30:21, 22; Shu 10:7
g IzA 14:29; IzA 16:32; Jak 1:19
h Gen 50:19-21; Mat 18:21, 22; Efe 4:32
i IzA 16:14; IzA 20:2; Dan 2:12
j 2Sa 16:21, 22
k IzA 21:9, 19; IzA 27:15

Uhla 2
a Gen 24:14; IzA 18:22; IzA 31:10
b IzA 23:21; IzA 24:33, 34; 2Th 3:10
c IzA 16:17
d IzA 15:32
e Dut 15:7, 8; Hu 37:25, 26; Heb 13:16
f IzA 11:24; Mat 5:7; Heb 6:10
g IzA 13:24; IzA 22:6, 15
h 1Sa 3:12, 13
i 1Sa 24:16-18; 1Sa 26:21
j IzA 4:13
k Dut 8:14, 16; Heb 12:7, 11
l Gen 11:6, 7; Gen 50:19, 20; IzA 21:30; Dan 4:35; IzE 5:38, 39
m Mik 6:8
n IzA 14:27; Mal 3:16
o IzA 12:21
p IzA 6:9-11; IzA 15:19; IzA 24:30, 31; IzA 26:14, 15

25 Shaya umhleki wosulu[a]
ukuze ongenalwazi ahlakaniphe,[b]
Usole oqondayo ukuze
andise ulwazi.[c]
26 Ohlukumeza uyise futhi
axoshe unina
Uyindodana ebanga amahloni nesihlamba.[d]
27 Ndodana yami, uma uyeka
ukulalela isiyalo,
Uyophambuka endleleni
yolwazi.
28 Ufakazi ongelusizo lwalutho ubuhleka usulu ubulungisa,[e]
Nomlomo wababi ugwinya
ububi.[f]
29 Isahlulelo sigcinelwe abahleki bosulu,[g]
Nenduku ibekelwe umhlane weziphukuphuku.[h]

20 Iwayini lingumhleki wosulu,[i] utshwala bukwenza ungalawuleki;[j]
Noma ubani ophambukiswa
yilezi zinto akahlakaniphile.[k]
2 Njengokugwavuma kwebhubesi,* inkosi yenza
abantu besabe kakhulu;[l]
Noma ubani ovusa intukuthelo yayo, ubeka ukuphila kwakhe engozini.[m]
3 Kuwudumo kumuntu ukudeda lapho kunengxabano,[n]
Kodwa noma ubani oyisiwula uyongena shi kuyo.[o]
4 Ivila alilimi ebusika,
Ngakho liyohambe licela*
ngesikhathi sokuvuna lapho lingenalutho.#[p]
5 Imicabango* yenhliziyo
yomuntu injengamanzi
ajulile,
Kodwa umuntu onokuqonda uyayikhipha.
6 Abantu abaningi bathi banothando oluqotho,
Kodwa ubani ongathola
umuntu othembekile?
7 Olungile uhamba ebuqothweni bakhe.[a]
Ziyajabula izingane* zakhe
eziza ngemva kwakhe.[b]
8 Lapho inkosi ihlala esihlalweni sokwahlulela ukuze
yahlulele,[c]
Ngamehlo ayo iyakwazi
ukuhlunga bonke ububi.[d]
9 Ubani ongathi: "Ngiyihlanzile inhliziyo yami;[e]
Ngihlanzekile esonweni
sami"?[f]
10 Izisindo nezikali ezinganembile*
—Kokubili kuyanengeka kuJehova.[g]
11 Ngisho nengane* yaziwa
ngezinto ezenzayo,
Ukuthi iziphethe kahle yini
nokuthi iqotho yini.[h]
12 Indlebe ezwayo neso elibonayo
—Kokubili kwenziwe uJehova.[i]
13 Ungabuthandi ubuthongo
ukuze ungabi mpofu.[j]
Vula amehlo akho, uyokwaneliswa isinkwa.[k]
14 "Kubi, kubi!" kusho umthengi;
Ube esehamba aziqhayise.[l]
15 Kukhona igolide namakhorali* amaningi,

20:2 *Noma, "kwebhubesi eliselincane elinomhlwenga." 20:4 *Noma, "linxiba." #Noma kungaba, "Liyocinga ngesikhathi sokuvuna kodwa ngeke lithole lutho."

20:5 *Noma, "Izinhloso." NgesiHebheru, "Iseluleko." 20:7 *NgesiHebheru, "amadodana." 20:10 *Noma, "Amatshe amabili anesisindo esingafani nezitsha ezimbili zokukala ezingafani." 20:11 *Noma, "nomfana." 20:15 *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

ISAHL. 19
a Dut 25:2
b IzA 15:5
c IzA 9:9; IzA 21:11
d Eks 20:12; Lev 20:9; IzA 20:20; IzA 30:17
e 1Kh 21:9, 10
f IzA 4:16, 17
g IzA 9:12
h IzA 10:13; IzA 26:3

ISAHL. 20
i Gen 9:20, 21; IzA 23:29-35
j Isay 28:7
k 1Ko 6:10; Gal 5:21; Efe 5:18
l IzA 19:12; Shu 10:4
m 1Kh 2:22-24
n IzA 14:29; 2Ti 2:23
o IzA 18:6; Shu 7:9
p IzA 6:10, 11; 2Th 3:10

Uhla 2
a Job 1:1; Luk 1:5, 6
b Hu 37:25, 26
c 1Kh 7:7
d 1Kh 3:28; Hu 72:1, 4; IzA 16:12
e Job 14:4
f Hu 51:5; Shu 7:20; Jak 3:2
g IzA 11:1; Amo 8:5; Mik 6:11
h IzA 22:15
i Eks 4:11
j IzA 10:4
k IzA 12:11
l Lev 19:13; IzA 21:6

Kodwa izindebe zolwazi ziyigugu.[a]
16 Thatha ingubo yomuntu uma enze isiqinisekiso sokuthi uzosikhokha isikweletu sesihambi;[b]
Thatha isibambiso kuye uma enze kanjalo endabeni yowesifazane wesinye isizwe.[c]
17 Isinkwa esizuzwe ngenkohliso simnandi kumuntu,
Kodwa kamuva umlomo wakhe uyogcwala isihlabathi.[d]
18 Uma kuboniswana* amacebo ayophumelela,#[e]
Yilwa impi yakho ngesiqondiso esihlakaniphile.△[f]
19 Umnyundeli uhambahamba embula imfihlo;[g]
Ungazihlanganisi nomuntu othanda ukuhleba.*
20 Noma ubani oqalekisa uyise nonina,
Isibani sakhe siyocinywa lapho kufika ubumnyama.[h]
21 Ifa elitholwa ngobugovu ekuqaleni
Ngeke libe isibusiso ekugcineni.[i]
22 Ungasho ukuthi: "Ngizobuyisela ngokubi!"[j]
Thembela kuJehova,[k] uyokusindisa.[l]
23 Izisindo ezinganembile* ziyanengeka kuJehova,
Nezikali ezikhohlisayo azizinhle.
24 Izinyathelo zomuntu ziqondiswa uJehova;[m]
Umuntu angayiqonda kanjani indlela yakhe?*
25 Kuwugibe ngomuntu ukuba aphahluke athi, "Kungcwele!"[a]
Bese ngemva kokwenza isifungo aqale ukucabanga ngaso.[b]
26 Inkosi ehlakaniphile ihlunga abantu ababi[c]
Bese ibagaya ngesondo lesihlibhi sokubhula ukudla okusanhlamvu.[d]
27 Umoya umuntu awuphefumulayo uyisibani sikaJehova,
Uhlola ingaphakathi lakhe.
28 Uthando oluqotho nokwethembeka kulonda inkosi;[e]
Ngothando oluqotho isekela isihlalo sayo sobukhosi.[f]
29 Udumo lwezinsizwa ngamandla azo,[g]
Nobukhazikhazi bamaxhegu yizinwele zawo ezimpunga.[h]
30 Amanxeba nezilonda kususa* ububi,[i]
Ukushaywa kuhlanza ingaphakathi lomuntu.

**21** Inhliziyo yenkosi injengemifudlana yamanzi esandleni sikaJehova.[j]
Uyiqondisa noma kuphi lapho ethanda khona.[k]
2 Zonke izindlela zomuntu zibonakala zilungile kuye,[l]
Kodwa uJehova uhlola izinhliziyo.*[m]
3 Ukwenza okulungile nokunobulungisa
Kumjabulisa kakhulu uJehova kunomhlatshelo.[n]
4 Amehlo azidlayo abantu ababi nenhliziyo yabo ezikhukhumezayo
Kuyisibani esikhanyisa indlela yabo futhi lezi zinto ziyisono.[o]

---

**20:18** *Noma, "Ngokululekana." #Noma, "ayoma aqine." △Noma, "ngokuqondisa okunekhono." **20:19** *Noma, "oyenga ngezindebe zakhe." **20:23** *Noma, "Amatshe amabili anesisindo esingafani." **20:24** *Noma, "indlela okumele ahambe ngayo?"

**20:30** *Noma, "kuhlanza." **21:2** *Noma, "izisusa."

**ISAHL. 20**
a IzA 3:13-15
b IzA 11:15
c IzA 27:13
d IzA 6:30, 31
e IzA 15:22
f IzA 11:14 IzA 24:6 Luk 14:31, 32
g Lev 19:16 IzA 11:13 IzA 25:9, 23
h Eks 20:12 Lev 20:9 IzA 19:26
i IzA 28:8, 20 1Ti 6:9, 10
j Dut 32:35 IzA 24:29 Mat 5:38, 39 Rom 12:17, 19 1Th 5:15
k Hu 37:34
l Hu 34:7 1Pe 4:19
m Hu 37:23 Jer 10:23

**Uhla 2**
a Lev 27:9
b Num 30:2 Shu 5:4, 6 Mat 5:33
c Hu 101:8
d Isay 28:27
e Hu 61:6, 7
f Hu 21:7
g Shu 11:9
h Lev 19:32 IzA 16:31
i Hu 119:71

**ISAHL. 21**
j Eks 14:4 Ezr 7:27
k Neh 2:7, 8 Isay 44:28 IsA 17:17
l Hu 36:1, 2 IzA 16:2
m 1Sa 16:6, 7 IzA 24:12 Jer 17:10
n 1Sa 15:22, 23 Hos 6:6 Mik 6:7, 8 Mat 12:7
o Hu 10:4

5 Ngokuqinisekile amacebo okhuthele amenza aphumelele,*[a]
Kodwa bonke abanamawala ngokuqinisekile bazifaka ekuhluphekeni.[b]
6 Ukuthola ingcebo ngokuqamba amanga
Kunjengenkungu eshabalalayo, ugibe olubulalayo.*[c]
7 Ubudlova babantu ababi buyobaqothula[d]
Ngoba bayenqaba ukwenza ngobulungisa.
8 Indlela yomuntu onecala igwegwile,
Kodwa imisebenzi yomuntu omsulwa iqotho.[e]
9 Kungcono ukuhlala echosheni lophahla
Kunokuhlala endlini eyodwa nomfazi othanda ingxabano.*[f]
10 Omubi ufisa okubi;[g]
Akambonisi umusa umakhelwane wakhe.[h]
11 Lapho umhleki wosulu ejeziswa, ongenalwazi uyahlakanipha,
Nalapho umuntu ohlakaniphile ethola ukuqondisisa, uthola ulwazi.*[i]
12 Olungile* uyayibona indlu yomubi;
Wenza ababi behlelwe inhlekelele.[j]
13 Noma ubani ovala indlebe yakhe ukuze angakuzwa ukukhala komuntu ophansi
Naye uyobiza angaphendulwa.[k]
14 Isipho esenziwa ekusithekeni sinciphisa intukuthelo,[l]
Nesifumbathiso esikhishwa ekusithekeni* sidambisa ulaka oluvuthayo.
15 Kuyinjabulo kolungile ukwenza ubulungisa,[a]
Kodwa kuyinto embi kulabo abenza okubi.
16 Umuntu ophambukayo endleleni yokuqonda
Uyophumula nabangenamandla ekufeni.[b]
17 Othanda ubumnandi* uyoba mpofu;[c]
Othanda iwayini namafutha ngeke acebe.
18 Omubi uyisihlengo solungile,
Nowenza ngokukhohlisa kuyothathwa yena esikhundleni soqotho.[d]
19 Kungcono ukuhlala ehlane
Kunokuhlala nomfazi othanda ingxabano* nosheshe acasuke.[e]
20 Ingcebo eyigugu namafutha kutholakala endlini yomuntu ohlakaniphile,[f]
Kodwa umuntu oyisiphukuphuku uyokusaphaza* lokho anakho.[g]
21 Noma ubani ophishekela ukulunga nothando oluqotho
Uyothola ukuphila, ukulunga nodumo.[h]
22 Ohlakaniphile wenyuka ngezindonga zedolobha* labanamandla
Aqede amandla abathembele kuwo.[i]
23 Oqapha umlomo wakhe nolimi lwakhe
Akangeni ezinkingeni.[j]
24 Umuntu owenza ngokungacabangi, ophamazelayo kuthiwa

ISAHL. 21
a IzA 13:4
b IzA 14:29
c IzA 1:19; IzA 20:21
d Hu 7:14-16
e Hu 37:37; IzA 16:17; 1Pe 1:22
f IzA 17:1; IzA 21:19; IzA 25:24; IzA 27:15
g Gen 6:5; Hu 36:1, 4
h 1Sa 25:10, 11
i IzA 9:9; IzA 19:25
j Gen 19:29; Hu 37:10, 20; 2Pe 2:4; 2Pe 3:5, 6
k Dut 15:9; IzA 28:27; Jak 5:4
l IzA 18:16

Uhla 2
a Hu 106:3
b Jak 1:15; 2Pe 2:21
c Shu 7:4; Luk 15:13, 14
d Est 7:10
e IzA 17:1; IzA 21:9; IzA 25:24; IzA 27:15
f IzA 15:6; Shu 5:19
g Luk 15:13, 14
h IzA 15:9; IzA 22:4; Mat 5:6; Rom 2:6, 7
i Shu 7:19; 2Ko 10:4
j Hu 141:3; IzA 10:19; Shu 10:20

**21:5** *Noma, "ayamzuzisa." **21:6** *Noma kungaba, "kulabo abafuna ukufa." **21:9, 19** *Noma, "oyisicefe; obeleselayo." **21:11** *Noma, "uyakwazi okumele akwenze." **21:12** *Okuwukuthi, uNkulunkulu.

**21:14** *NgesiHebheru, "Nesifumbathiso esifubeni." **21:17** *Noma, "injabulo." **21:20** *NgesiHebheru, "uyokugwinya." **21:22** *Noma, "unqoba idolobha."

Uyagabadela,[a] uyazikhu-
khumeza futhi uyazazisa.

25 Lokho ivila elikufisayo ku-
yolibulala,
Ngoba izandla zalo azifuni
ukusebenza.[b]

26 Usuku lonke ngobugovu li-
hahela izinto ezengeziwe,
Kodwa olungile uyapha,
akagodli lutho.[c]

27 Umhlatshelo womubi uya-
nengeka.[d]
Kakhulu kangakanani-ke
uma ewunikela ngezi-
nhloso ezimbi.*

28 Ufakazi oqamba amanga
uyoshabalala,[e]
Kodwa umuntu olalelayo
uyofakaza ngempume-
lelo.*

29 Umuntu omubi wenza aba-
nye bacabange ukuthi
unesibindi,[f]
Kodwa yindlela yoqotho
eqinisekile.*[g]

30 Akukho ukuhlakanipha,
ukuqonda noma iseluleko
esingamelana noJehova.[h]

31 Ihhashi lilungiselelwa usu-
ku lwempi,[i]
Kodwa insindiso ekaJe-
hova.[j]

**22** Yigama elihle* okumele
likhethwe kunengcebo
eningi;[k]
Ukuhlonishwa# kungcono
kunesiliva negolide.

2 Abacebile nabampofu bafa-
na* ngalokhu:
Bonke benziwe uJehova.[l]

3 Onokuqonda uyayibona
ingozi acashe,
Kodwa abangenalwazi ba-
yaqhubeka behamba bese
beyavuna.*

4 Umphumela wokuthobeka
nokwesaba uJehova
Yingcebo, udumo noku-
phila.[a]

5 Ameva nezicupho kuse-
ndleleni yomuntu oyiqili,
Kodwa noma ubani otha-
nda ukuphila kwakhe
uqhelela kude nakho.[b]

6 Qeqesha ingane ngendlela
okufanele ihambe ngayo;[c]
Ngisho nalapho ikhula nge-
ke isuke kuyo.[d]

7 Ocebile ubusa abampofu,
Nobolekayo uyisigqila so-
bolekisayo.[e]

8 Noma ubani ohlwanyela
ukungalungi uyovuna
inhlekelele,[f]
Nenduku yentukuthelo ya-
khe iyophulwa.[g]

9 Umuntu ophanayo* uyobu-
siswa,
Ngoba upha abampofu uku-
dla kwakhe.[h]

10 Xosha isichwensi,
Umbango uyophela;
Izimpikiswano* nenhlamba
kuyonqamuka.

11 Othanda inhliziyo emsulwa
nonenkulumo enomusa
Uyoba umngani wenkosi.[i]

12 Amehlo kaJehova alonda
ulwazi,
Kodwa uyawachitha ama-
zwi abakhohlisayo.[j]

13 Ivila lithi: "Kukhona ibhu-
besi ngaphandle!
Ngizobulawa esigcawini!"[k]

14 Umlomo wabesifazane aba-
ndindayo* ungumgodi
ojulile.[l]

---

**ISAHL. 21**

a Num 14:44; Est 6:4
b IzA 6:6-11; IzA 13:4; IzA 19:24
c Hu 37:25, 26; Hu 112:9; Luk 6:30
d 1Sa 15:22, 23; IzA 15:8; Isay 1:11
e Dut 19:18, 19; IzA 19:5
f IzA 28:14; IzA 29:1
g IzA 11:5
h Num 23:7, 8; IzA 19:21; IzE 5:38, 39
i Hu 20:7; Hu 33:17; Isay 31:1
j 2Kr 20:15, 17; Hu 68:20; IsA 7:10

**ISAHL. 22**

k Shu 7:1
l IzE 17:26

**Uhla 2**

a Hu 34:9; IzA 18:12
b IzA 4:14, 15
c Gen 18:19; Dut 6:6, 7; Efe 6:4
d 2Ti 3:14, 15
e 2Kh 4:1; Mat 18:25
f Gal 6:7, 8
g Hu 125:3
h Dut 15:7, 8; IzA 11:25; Heb 6:10
i Hu 45:2; IzA 16:13; Mat 5:8
j IzE 13:8-10
k IzA 26:13-15
l IzA 5:3; Shu 7:26

---

**21:27** *Noma, "ebe eziphatha ngokuhlazisayo." **21:28** *NgesiHebheru, "uyokhuluma kuze kube phakade." **21:29** *Noma, "ngoqotho owenza indlela yakhe iqiniseke." **22:1** *Noma, "Yidumela elihle." NgesiHebheru, "Yigama." #NgesiHebheru, "Umusa." **22:2** *NgesiHebheru, "bahlangana."

**22:3** *Noma, "beyajeza." **22:9** *NgesiHebheru, "oneso elihle." **22:10** *Noma, "Amacala." **22:14** *NgesiHebheru, "abangaziwa." Bheka izA 2:16.

Olahlwe uJehova uyowela
kuwo.
15 Ubuwula buboshelwe enhliziyweni yengane,[a]
Kodwa induku yesiyalo iyobudedisela kude nayo.[b]
16 Ophamba abampofu ukuze andise ingcebo yakhe[c]
Nalowo onika abacebile izipho
Uyogcina ehlupheka.
17 Lalelisisa* amazwi abahlakaniphile,[d]
Ukuze ugxilise inhliziyo yakho olwazini lwami,[e]
18 Ngoba kumnandi ukuwagcina ngaphakathi kuwe,[f]
Ukuze wonke abe sezindebeni zakho njalo.[g]
19 Ukuze ithemba lakho libe kuJehova,
Ngikunika ulwazi namuhla.
20 Angikulobelanga yini esikhathini esidlule,
Ngakunika izeluleko nolwazi,
21 Ukuze ngikufundise amazwi ayiqiniso nathembekile,
Ukuze ubuyisele umbiko onembile kulowo okuthumile?
22 Ungamphangi umuntu ompofu ngoba nje empofu,[h]
Futhi ungamchobozi umuntu ophansi esangweni ledolobha,[i]
23 Ngoba uJehova ngokwakhe uyomela udaba lwabo[j]
Athathe ukuphila kwalabo ababaphangayo.
24 Ungazihlanganisi nomuntu osheshe athukuthele
Noma usebenzelane nomuntu onesifuthefuthe sentukuthelo,
25 Ukuze ungafundi izindlela zakhe
Uzifake engozini.[a]
26 Ungabi phakathi kwalabo abenza isivumelwano* nabanye
Abenza isiqinisekiso sokuthi bazozikhokha izikweletu zabanye.[b]
27 Uma ungenakho ongakhokha ngakho,
Umbhede wakho uyothathwa!
28 Ungalugudluzi uphawu lomngcele wakudala
Olwabekwa okhokho bakho.[c]
29 Uke wambona umuntu onekhono emsebenzini wakhe?
Uyokuma phambi kwamakhosi;[d]
Ngeke ame phambi kwabantukazana.

23 Uma uhlala phansi ukuze udle nenkosi,
Cabangisisa kahle ngalokho okuphambi kwakho;
2 Zithibe*
Uma uyisidlakudla.[#]
3 Ungakuhaleli ukudla kwayo kwekhethelo,
Ngoba kungukudla okukhohlisayo.
4 Ungazikhandli ukuze uzuze ingcebo.[e]
Yima ubonise ukuqonda.*
5 Lapho uphonsa amehlo akho kuyo, ayikho,[f]
Ngoba nakanjani iyomila amaphiko njengokhozi indizele esibhakabhakeni.[g]
6 Ungakudli ukudla komuntu oncishanayo;*

ISAHL. 22
a Gen 8:21
b IzA 13:24; IzA 19:18
c Hu 12:5; IzA 14:31
d IzA 13:20
e IzA 15:14
f IzA 2:10; IzA 24:14
g IzA 15:7
h IzA 23:10
i Eks 23:6; Amo 5:12
j 1Sa 24:12; Hu 12:5

Uhla 2
a IzA 13:20
b IzA 6:1-3
c Dut 19:14; IzA 23:10; Hos 5:10
d 1Sa 16:18, 19; 1Kh 7:13, 14

ISAHL. 23
e IzA 28:20; Joh 6:27; 1Ti 6:9, 10
f 1Jo 2:16, 17
g IzA 27:24

22:17 *NgesiHebheru, "Thambekisela indlebe yakho uzwe."

22:26 *Okuwukuthi, isifungo. 23:2 *NgesiHebheru, "Beka ummese entanyeni yakho." #Noma, "unomphefumulo onganeliseki." 23:4 *Noma kungaba, "Kuyeke okwakho ukuqonda." 23:6 *Noma, "oneso elibi."

Ungakuhaleli ukudla kwa-
khe kwekhethelo,
7 Ngoba unjengomuntu oba-
layo.
Uthi kuwe, "Yidla uphuze,"
kodwa akakuqondile lo-
kho akushoyo.*
8 Uyokuhlanza okudlile
Futhi uyobe umncomele
ubala.
9 Ungakhulumi ezindlebeni
zoyisiphukuphuku,[a]
Ngoba uyokudelela ukuhla-
kanipha kwamazwi akho.[b]
10 Ungalugudluzi uphawu
lomngcele wakudala[c]
Noma ungene ensimini ye-
zintandane.
11 Ngoba uMlweli* wazo una-
mandla;
Uyomela udaba lwazo.[d]
12 Gxilisa inhliziyo yakho esi-
yalweni
Nendlebe yakho emazwini
olwazi.
13 Ungayigodleli ingane isi-
yalo.[e]
Uma uyishaya ngenduku,
ngeke ife.
14 Kufanele uyishaye nge-
nduku,
Ukuze uyikhulule eThu-
neni.*
15 Ndodana yami, uma inhlizi-
yo yakho ithola ukuhlaka-
nipha,
Nenhliziyo yami iyojabula.[f]
16 Ngiyojabula ngaphakathi
Lapho izindebe zakho zi-
khuluma okulungile.
17 Inhliziyo yakho mayingabi
namona ngezoni,[g]
Kodwa yesaba uJehova
usuku lonke,[h]
18 Ngoba uma wenza kanjalo
uyoba nekusasa elihle[a]
Nethemba lakho ngeke liqe-
dwe.
19 Lalela ndodana yami, uhla-
kaniphe,
Uqondise inhliziyo yakho
endleleni efanele.
20 Ungabi phakathi kwalabo
abaphuza iwayini ngo-
kweqile[b]
Naphakathi kwamakloza,[c]
21 Ngoba isidakwa nesiminzi
bayoba mpofu,[d]
Futhi ukozela kuyokwe-
mbathisa umuntu amani-
kiniki.
22 Lalela uyihlo owakuzala,
Ungamedeleli unyoko ngo-
ba nje esegugile.[e]
23 Thenga* iqiniso, ungaloko-
thi ulithengise,[f]
Uthenge nokuhlakanipha,
isiyalo nokuqonda.[g]
24 Uyise wolungile nakanjani
uyojabula;
Noma ubani ozala indodana
ehlakaniphile uyothokoza
ngayo.
25 Uyihlo nonyoko bayotho-
koza,
Nonyoko owakuzala uyoja-
bula.
26 Ndodana yami, ngiphe
inhliziyo yakho,
Kwangathi amehlo akho
angazijabulela izindlela
zami.[h]
27 Ngoba isifebe singumgodi
ojulile,
Nowesifazane ondindayo*
ungumthombo ongum-
ngcingo.[i]
28 Uyacutha njengomphangi;[j]
Wandisa isibalo samadoda
angathembekile.

ISAHL. 23
a IzA 9:7; IzA 26:4
b Mat 7:6
c Dut 19:14; IzA 22:28
d Eks 22:22, 23; Hu 10:14
e IzA 13:24; IzA 19:18; Efe 6:4
f IzA 27:11; 3Jo 4
g Hu 37:1
h Hu 111:10; 2Ko 7:1

Uhla 2
a Hu 37:37; IzA 24:14
b IzA 20:1; Isay 5:11; Rom 13:13; 1Pe 4:3
c IzA 28:7; 1Ko 10:31
d Dut 21:20, 21; IzA 21:17
e Eks 20:12; Eks 21:17; Mat 15:5, 6; Efe 6:1
f Flp 3:7, 8
g IzA 4:5; IzA 16:16
h Hu 107:43
i IzA 22:14
j IzA 7:10, 12; Shu 7:26

**23:7** *NgesiHebheru, "inhliziyo yakhe ayikanye nawe." **23:11** *NgesiHebheru, "uMkhululi." **23:14** *Noma, "eShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**23:23** *Noma, "Thola." **23:27** *NgesiHebheru, "wesinye isizwe." Bheka izA 2:16.

29 Ubani onosizi? Ubani onga-
khululekile?
Ubani oxabana nabanye?
Ubani onezikhalo?
Ubani onamanxeba ngapha-
ndle kwesizathu? Ubani
onamehlo anqundekile?*
30 Yilabo abahlala isikhathi
eside newayini;[a]
Labo abafuna* iwayini eli-
xutshiwe.
31 Ungawubheki umbala obo-
mvu wewayini,
Lapho lizoyiza engilazini*
lehla kamnandi,
32 Ngoba ekugcineni liluma
njengenyoka,
Likhiphe ubuthi njengenyo-
ka enesihlungu.
33 Amehlo akho ayobona izi-
nto eziyinqaba,
Nenhliziyo yakho iyokhulu-
ma izinto ezonakele.[b]
34 Uyoba njengolele maphaka-
thi nolwandle,
Njengolele esiqongweni se-
nsika yomkhumbi.
35 Uyothi: "Bangishayile ko-
dwa angizwanga lutho.*
Bangibhaxabulile kodwa
angazanga.
Ngizovuka nini?[c]
Ngifuna elinye iwayini."#

24 Ungabi namona ngaba-
ntu ababi,
Ungakuhaleli ukuba mdibi
munye nabo,[d]
2 Ngoba inhliziyo yabo izi-
ndla ngobudlova,
Nezindebe zabo zikhuluma
inkathazo.
3 Indlu yakhiwa ngokuhlaka-
nipha,[e]
Ngokuqonda imiswa iqine.
4 Amakamelo ayo agcwali-
swa ngolwazi
Ngayo yonke ingcebo enhle
neyigugu.[a]
5 Umuntu ohlakaniphile una-
mandla,[b]
Ngolwazi umuntu wandisa
amandla akhe.
6 Ngesiqondiso esihlaka-
niphile* uyolwa impi ya-
kho,[c]
Ngabeluleki abaningi ku-
khona ukunqoba.#[d]
7 Isiwula asinakukuthola
ukuhlakanipha kweqi-
niso;[e]
Asinalutho esingalusho
esangweni ledolobha.
8 Noma ubani oceba ukwe-
nza okubi,
Kuyothiwa ungungqondo-
ngqondo weqili.[f]
9 Amacebo awubuwula* ayi-
sono,
Abantu bayamzonda um-
hleki wosulu.[g]
10 Uma udikibala ngosuku lo-
kucindezeleka,*
Amandla akho ayoba ma-
ncane.
11 Sindisa labo abayiswa eku-
feni
Ubambe nalabo abayenda-
yendela ekuhlatshweni.[h]
12 Uma uthi: "Kodwa besinga-
kwazi lokhu,"
Lowo ohlola izinhliziyo*
akayiqondi yini imicaba-
ngo yakho?[i]
Yebo, Lowo okuqaphayo
uyoyazi
Futhi uyobuyisela kumuntu
ngamunye ngokomsebe-
nzi wakhe.[j]

ISAHL. 23
a IzA 20:1 Efe 5:18
b Hos 4:11
c Gen 19:33

ISAHL. 24
d Hu 26:5 IzA 1:10
e IzA 9:1 IzA 14:1

Uhla 2
a 1Kh 10:23 IzA 15:6
b IzA 8:14 IzA 21:22
c IzA 20:18 Luk 14:31, 32
d IzA 11:14 IzA 13:10 IzA 15:22 IzE 15:5, 6
e IzA 14:6 1Ko 2:14
f IzA 6:12-14
g IzA 22:10
h Hu 82:4
i IzA 5:21 IzA 17:3 IzA 21:2
j Hu 62:12 Mat 16:27 Rom 2:5, 6

---

**23:29** *Noma, "akhathele?" **23:30** *Noma, "abahlangana ukuze bazame." **23:31** *Noma, "endebeni." **23:35** *Noma, "angizwanga buhlungu." #Noma, "Ngizophinde ngilifune."

**24:6** *Noma, "Ngokuqondisa okunekhono." #Noma, "impumelelo; insindiso." **24:9** *Noma, "esiwula." **24:10** *Noma, "ngezikhathi zosizi." **24:12** *Noma, "izisusa."

**13** Ndodana yami, yidla uju
ngoba luyasiza;
Uju lwamakhekheba lumnandi.
**14** Ngendlela efanayo, yazi
ukuthi ukuhlakanipha kuwusizo kuwe.[a]
Uma ukuthola, uyoba nekusasa elihle
Nethemba lakho ngeke liqedwe.[b]
**15** Ungacuthi eduze komuzi
wolungile unezisusa ezimbi;
Ungayicekeli phansi indawo yakhe yokuphumula.
**16** Ngoba olungile angawa kasikhombisa, kodwa uyophinde avuke,[c]
Kodwa ababi bayokwehlelwa inhlekelele bawe unomphela.[d]
**17** Lapho isitha sakho siwa
ungajabuli,
Nalapho sikhubeka, ungayivumeli inhliziyo yakho ukuba ijabule;[e]
**18** Ngaphandle kwalokho, uJehova uyobona adumale,
Futhi ngeke esasithukuthelela.*[f]
**19** Ungacasuki* ngenxa yabantu ababi;
Ungabi namona ngabantu abakhohlakele,
**20** Ngoba alikho ikusasa ngomuntu omubi;[g]
Isibani sababi siyocinywa.[h]
**21** Ndodana yami yesaba uJehova nenkosi.[i]
Ungazihlanganisi nabantu abaphikisayo,*[j]
**22** Ngoba inhlekelele iyobehlela ngokuphazima kweso.[k]
Kwazi bani ukuthi bobabili* bayobalethela yiphi inhlekelele?[a]
**23** La mazwi angawabahlakaniphile:
Akukuhle ukukhetha lapho wahlulela.[b]
**24** Noma ubani othi komubi,
"Wena ulungile,"[c]
Abantu bayomqalekisa, alahlwe nayizizwe.
**25** Kodwa kuyobahambela kahle labo abamsolayo;[d]
Bayobusiswa ngezinto ezinhle.[e]
**26** Abantu bayoqabula izindebe zalowo ophendula ngokwethembeka.*[f]
**27** Lungisa umsebenzi wakho wangaphandle, ulungise
zonke izinto ensimini;
Ngemva kwalokho wakhe
indlu yakho.
**28** Ungafakazi ngokumelene
nomakhelwane wakho
ngaphandle kwesizathu.[g]
Izindebe zakho ungazisebenziseli ukukhohlisa abanye.[h]
**29** Ungasho ukuthi: "Ngizokwenza kuye njengoba
nje enzile kimi;
Ngizombuyisela ngalokho
akwenzile."[i]
**30** Ngadlula ngasensimini yomuntu oyivila[j]
Nangasesivinini somuntu
ontula ukuhlakanipha.*
**31** Ngabona ukuthi kwakugcwele ukhula;
Kwakumile imbabazane*
yonke indawo,
Nodonga lwamatshe lwaludilikile.[k]
**32** Ngakubuka lokhu ngakufaka enhliziyweni;

ISAHL. 24
a Hu 19:9, 10; Hu 119:103
b IzA 23:18
c Hu 34:19; 2Ko 1:10
d 1Sa 26:9, 10; Est 7:10
e Job 31:29; IzA 17:5; IzA 25:21, 22
f Hez 26:2, 3; Zak 1:15
g Hu 73:18, 27; IzA 10:7
h IzA 13:9
i 1Sa 24:6, 7; 1Pe 2:17
j 2Sa 15:12
k Num 16:2, 31

Uhla 2
a IzA 20:2
b Lev 19:15; Dut 1:16, 17; Dut 16:19; 2Kr 19:7; 1Ti 5:21
c IzA 17:15
d Lev 19:17; 1Ti 5:20
e IzA 28:23
f IzA 27:5
g Eks 20:16
h Efe 4:25
i IzA 20:22; Rom 12:17, 19; 1Th 5:15
j IzA 6:10, 11
k IzA 20:4; IzA 22:13; Shu 10:18

**24:18** *Okuwukuthi, isitha. **24:19** *Noma, "Ungafuthelani." **24:21** *Noma, "nalabo abafuna ushintsho." **24:22** *Okuwukuthi, uJehova nenkosi.

**24:26** *Noma kungaba, "Ukuphendula ngendlela eqondile kufana nokuqabula." **24:30** *NgesiHebheru, "oswele inhliziyo." **24:31** *Noma, "imbati."

Ngakubona ngafunda lesi sifundo:*
33 Ukulala kancane, ukozela kancane,
Ukusonga izandla kancane ukuze uphumule,
34 Ukuhlupheka kuyobe sekukufikela njengesela,
Nokuswela kuyokufikela njengomuntu ohlomile.[a]

25 Nalezi futhi yizaga zikaSolomoni,[b] ezakopishwa* izinceku# zikaHezekiya[c] inkosi yakwaJuda:
2 Kuyinkazimulo kaNkulunkulu ukugcina indaba iyimfihlo[d]
Nenkazimulo yamakhosi ukuhlolisisa indaba.
3 Njengoba amazulu ephakeme nomhlaba ujulile,
Kunjalo nangenhliziyo yamakhosi, ayiphenyeki.
4 Uma umuntu esusa ukungcola esiliveni,
Isiliva liyohlanzeka kakhulu.[e]
5 Susa omubi phambi kwenkosi,
Isihlalo sayo sobukhosi siyoma siqine ngokulunga.[f]
6 Ungaziphakamisi phambi kwenkosi,[g]
Ungahlali phakathi kwezikhulu,[h]
7 Ngoba kungcono ukuba ithi kuwe, "Khuphukela lapha,"
Kunokuba ikuhlaze phambi kwesicukuthwane.[i]
8 Ungajahi lapho uyokwethula icala enkantolo,
Ngoba uyokwenzenjani kamuva uma umakhelwane wakho ekuhlaza?[j]
9 Lungisa udaba lwakho nomakhelwane wakho,[a]
Kodwa ungakwembuli otshelwe kona ngasese,*[b]
10 Ukuze olalele angakuhlazi
Nawe ungasakazi umbiko omubi* ongenakuwuhoxisa.
11 Njengama-apula egolide ezitsheni zesiliva
Linjalo izwi elikhulunywe ngesikhathi esifanele.[c]
12 Njengecici legolide nomhlobiso wegolide elisezingeni eliphezulu
Unjalo umsoli ohlakaniphile endlebeni elalelayo.[d]
13 Njengokubanda kweqhwa ngosuku lokuvuna
Sinjalo isithunywa esithembekile kulabo abasithumile,
Ngoba sivuselela amandla enkosi yaso.[e]
14 Njengamafu nomoya okungayilethi imvula
Unjalo umuntu oziqhayisa ngokuthi uzokhipha isipho kodwa angasikhiphi.*[f]
15 Yisineke esigoba umuntu onegunya,
Nolimi olumnene lungaphula ithambo.[g]
16 Uma uthola uju, yidla lolo oludingayo kuphela,
Ngoba uma udla oluningi kakhulu ungase uluhlanze.[h]
17 Unyawo lwakho malungavami endlini kamakhelwane wakho,
Ukuze angakhathali nguwe bese ekuzonda.
18 Njengomshiza wempi

ISAHL. 24
a IzA 10:4; IzA 23:21

ISAHL. 25
b 1Kh 4:29, 32; Shu 12:9
c 2Kr 29:1
d Dut 29:29; Rom 11:33
e IzA 17:3
f 1Kh 2:44, 46; IzA 20:28; IzA 29:14
g IzA 27:2
h Hu 131:1
i Luk 14:8-10; 1Pe 5:5
j IzA 18:17; Mat 5:25

Uhla 2
a Mat 18:15
b IzA 11:13
c IzA 15:23; Isay 50:4
d Hu 141:5; IzA 1:8, 9; IzA 9:8
e IzA 13:17
f Mat 5:37
g Gen 32:4, 5; IzA 15:1
h IzA 25:27

24:32 *NgesiHebheru, "ngamukela lesi siyalo." 25:1 *Noma, "ezakopishwa futhi zahlanganiswa." #Noma, "amadoda."

25:9 *Noma, "izimfihlo zabanye." 25:10 *Noma, "inhlebo elimazayo." 25:14 *NgesiHebheru, "isipho samanga."

nenkemba nomcibisholo
ocijile
Unjalo umuntu ofakaza
amanga ngomakhelwane
wakhe.[a]
19 Njengezinyo eliphukile
noma unyawo oluxegeze-
layo
Kunjalo ukuthembela ku-
muntu ongathembekile*
ngezikhathi ezinzima.
20 Njengomuntu okhumula
ingubo ngosuku oluba-
ndayo
Nanjengoviniga othelwe ku-
sawoti*
Unjalo umuntu oculela
inhliziyo edabukile izi-
ngoma.[b]
21 Uma isitha sakho silambile,
sinike isinkwa sidle;
Uma somile sinike amanzi
siphuze,[c]
22 Ngoba uyobe unqwabela-
nisa amalahle avuthayo
ekhanda laso*[d]
Futhi uJehova uyokuvuza.
23 Umoya wasenyakatho ule-
tha imvula,
Nolimi oluhlebayo lubanga
intukuthelo.[e]
24 Kungcono ukuhlala echo-
sheni lophahla
Kunokuhlala endlini eyo-
dwa nomfazi othanda
ingxabano.*[f]
25 Njengamanzi abandayo em-
phefumulweni* okhathele
Unjalo umbiko omuhle ove-
la ezweni elikude.[g]
26 Njengesiphethu esidungeki-
le nomthombo owonakele
Unjalo umuntu olungile
onqotshwa omubi.*
27 Akukuhle ukudla uju olu-
ningi[a]
Nokuzifunela inkazimulo.[b]
28 Njengedolobha elifohliwe
elingenalo udonga,
Unjalo umuntu ongakwazi
ukulawula intukuthelo
yakhe.[c]

**26** Njengeqhwa ehlobo na-
njengemvula ngesikha-
thi sokuvuna,
Udumo alumfanele oyisi-
phukuphuku.[d]
2 Njengoba nje inyoni ine-
sizathu sokubaleka ne-
nkonjane inesizathu soku-
ndiza,
Nesiqalekiso asizi ngapha-
ndle kwesizathu sange-
mpela.*
3 Isiswebhu ngesehhashi,
amatomu awembongolo,[e]
Nenduku eyomhlane waba-
ntu abayiziphukuphuku.[f]
4 Ungamphenduli oyisiphu-
kuphuku ngokobuwula
bakhe,
Ukuze ungafani naye.*
5 Phendula oyisiphukuphuku
ngokobuwula bakhe,
Ukuze angacabangi ukuthi
uhlakaniphile.[g]
6 Njengomuntu owenza izi-
nyawo zakhe zikhubaze-
ke, azilimaze yena
Unjalo umuntu ophathisa
isiphukuphuku izindaba
zakhe.
7 Njengemilenze exegezelayo
yolunyonga,
Sinjalo isaga emlonyeni
wabantu abayiziphuku-
phuku.[h]

ISAHL. 25
a Eks 20:16
b Hu 137:3, 4
c Eks 23:5, 2Kh 6:21, 22, IzA 24:17, Mat 5:44
d Rom 12:20
e Hu 101:5
f IzA 21:9, 19, IzA 27:15
g IzA 15:30, Isay 52:7

Uhla 2
a IzA 25:16
b IzA 27:2, Joh 5:44, Flp 2:3
c 1Sa 20:33, IzA 16:32, IzA 22:24, 25, IzA 29:11

ISAHL. 26
d IzA 30:21, 22, Shu 10:7
e Hu 32:9
f IzA 27:22
g Mat 21:23-25
h IzA 17:7

**25:19** *Noma kungaba, “okhohlisayo.” **25:20** *Noma, “kuyi-alikhali.” **25:22** *Okuwukuthi, ukuthambisa umuntu uqede ukuba lukhuni kwakhe. **25:24** *Noma, “oyisicefe; obeleselayo.” **25:25** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.
**25:26** *NgesiHebheru, “oyendayenda phambi komubi.” **26:2** *Noma kungaba, “Nesiqalekiso esingamfanele umuntu asidluli.” **26:4** *Noma, “ungazibeki ezingeni lakhe.”

8 Njengokufaka itshe endwa-
yimaneni,
Kunjalo ukunika isiphuku-
phuku udumo.[a]
9 Njengesihlahla sameva esa-
ndleni sesidakwa,
Sinjalo isaga emlonyeni
wabantu abayiziphuku-
phuku.
10 Njengomcibisheli omane
acibe nje noma ikuphi,*
Unjalo umuntu oqasha isi-
phukuphuku noma oqa-
sha abadlula ngendlela.
11 Njengenja ebuyela emhla-
nzweni* wayo,
Oyisiphukuphuku uphinda
ubuwula bakhe.[b]
12 Uke wambona umuntu oca-
banga ukuthi uhlakani-
phile?[c]
Kukhona ithemba elikhulu
ngoyisiphukuphuku ku-
nangaye.
13 Ivila lithi: "Kukhona iwu-
ndlu lebhubesi emgwa-
qweni,
Kukhona ibhubesi esigca-
wini!"[d]
14 Isicabha silokhu siphendu-
ka emahinjini* aso,
Nevila lilokhu liphenduka
embhedeni walo.[e]
15 Ivila lifaka isandla esi-
tsheni,
Kodwa likhathele kakhulu
ukuba lisibuyisele emlo-
nyeni walo.[f]
16 Ivila licabanga ukuthi lihla-
kaniphile
Kunabantu abayisikhombi-
sa abaphendula ngokune-
ngqondo.
17 Njengomuntu obamba inja
ngamadlebe
Unjalo umuntu odlulayo
othukutheliswa ingxaba-
no* okungeyona eyakhe.[a]
18 Njengohlanya oluciba izi-
khali ezivuthayo, imicibi-
sholo nokufa*
19 Unjalo umuntu okhohlisa
umakhelwane wakhe bese
ethi, "Bengizidlalela!"[b]
20 Lapho kungekho zinkuni
umlilo uyacima,
Nalapho kungekho mnyu-
ndeli ukuxabana kuya-
phela.[c]
21 Njengamalahle amasha afa-
kwa kwavuthayo nezinku-
ni ezifakwa emlilweni,
Unjalo nomuntu onochuku
obhebhezela ingxabano.[d]
22 Amazwi omnyundeli anje-
ngokudla okumnandi;*
Ayagwinywa angene phaka-
thi esiswini.[e]
23 Njengesiliva elicwebeze-
layo elinanyekwe odenge-
zini
Anjalo amazwi othando
avela enhliziyweni embi.[f]
24 Ozonda abanye uyakufihla
lokho ngezindebe zakhe,
Kodwa ngaphakathi ufuka-
mele inkohliso.
25 Nakuba ekhuluma ngomu-
sa, ungamethembi,
Ngoba enhliziyweni yakhe
kukhona izinto eziyisi-
khombisa ezinengekayo.*
26 Nakuba inzondo yakhe ifi-
hlwe yinkohliso,
Ububi bakhe buyokwembu-
lwa ebandleni.
27 Ogubha umgodi uyowela
kuwo,
Nanoma ubani ogingqa
itshe—liyobuyela kuye.[g]

26:10 *Noma, "bonke abantu." 26:11 *Noma, "ebuhlanzweni." 26:14 *Noma, "ezingibeni." 26:17 *Noma kungaba, "ogxambukela engxabanweni." 26:18 *Noma, "nemicibisholo ebulalayo." 26:22 *Noma, "anjengezinto okumele zigwinywe ngokushesha, ziphangwe." 26:25 *Noma, "Ngoba inhliziyo yakhe iyanengeka kakhulu."

ISAHL. 26
a IzA 19:10; IzA 26:1
b 2Pe 2:22
c IzA 12:15; 1Ko 3:18; 1Ko 8:2
d IzA 22:13
e IzA 6:9; IzA 19:15; IzA 24:33, 34
f IzA 19:24

Uhla 2
a 1Th 4:11; 1Pe 4:15
b IzA 15:21
c IzA 22:10; Jak 3:6
d IzA 3:30; IzA 16:28; IzA 17:14
e IzA 18:8
f 2Sa 20:9, 10
g Est 7:10; Hu 9:15; IzA 28:10; Shu 10:8

28 Ulimi lwamanga luyabazo-
nda abachotshozwe yilo,
Nomlomo othophayo uba-
ngela umonakalo.[a]

27 Ungaziqhayisi ngosuku
olulandelayo,
Ngoba awazi ukuthi usuku
ngalunye luyoza nani.*[b]
2 Makube omunye umuntu*
okudumisayo, kungabi
umlomo wakho;
Kube abanye,# kungabi izi-
ndebe zakho.[c]
3 Itshe liyasinda nesihlabathi
naso siyasinda,
Kodwa ukukhathazwa isi-
wula kusinda kunakho
kokubili.[d]
4 Kukhona ulaka olunesihlu-
ku nesikhukhula sentuku-
thelo,
Kodwa ubani ongamelana
nomhawu?[e]
5 Ukusola okwambuliwe ku-
ngcono kunothando olufi-
hliwe.[f]
6 Amanxeba abangelwa um-
ngani athembekile,[g]
Kodwa izenzo zomusa* ze-
sitha ziningi.#
7 Umuntu* owanelisekile
wenqaba# uju lwamakhe-
kheba,
Kodwa kolambile△ ngisho
nento ebabayo imnandi.
8 Njengenyoni ebalekela* isi-
dleke sayo
Unjalo umuntu obalekela
ikhaya lakhe.
9 Amafutha nempepho kwe-
nza inhliziyo ijabule;
Unjalo nomngani oweluleka
ngobuqotho.[h]

27:1 *NgesiHebheru, "luyozalani." 27:2 *NgesiHebheru, "isihambi." #NgesiHebheru, "owesinye isizwe." 27:6 *NgesiHebheru, "ukuqatshulwa." #Noma kungaba, "aziqotho; ziyaphoqwa." 27:7 *Noma, "Umphefumulo." #NgesiHebheru, "unyathela." △Noma, "emphefumulweni olambile." 27:8 *Noma, "eshiya."

ISAHL. 26
a IzA 29:5

ISAHL. 27
b Luk 12:19, 20
Jak 4:13, 14
c IzA 25:27
Jer 9:23
2Ko 10:18
d 1Sa 25:25
e Gen 37:9-11
IzA 14:30
IzE 17:5
f Lev 19:17
Mat 18:15
g 2Sa 12:7, 9
Hu 141:5
IsA 3:19
h 1Sa 23:16
IzA 15:23
IzA 16:24

Uhla 2
a IzA 17:17
IzA 18:24
b IzA 10:1
IzA 23:15
2Jo 4
c Job 1:8, 9
d IzA 18:10
Isay 26:20
Heb 11:7
e IzA 20:16
f IzA 21:9, 19

10 Ungamshiyi umngani wa-
kho noma umngani kayi-
hlo,
Ungangeni endlini yomfo-
wenu ngosuku lwenhleke-
lele yakho;
Ungcono umakhelwane
oseduze kunomfowenu
okude.[a]
11 Hlakanipha ndodana yami,
wenze inhliziyo yami ija-
bule,[b]
Ukuze ngikwazi ukuphe-
ndula ongiklolodelayo.[c]
12 Umuntu onokuqonda uyayi-
bona ingozi acashe,[d]
Kodwa abangenalwazi ba-
yaqhubeka behamba bese
beyavuna.*
13 Thatha ingubo yomuntu
uma enze isiqinisekiso so-
kuthi uzosikhokha isi-
kweletu sesihambi;
Thatha isibambiso kuye
uma enze kanjalo endabe-
ni yowesifazane* wesinye
isizwe.[e]
14 Lapho umuntu ebingelela*
umuntu wakubo ngezwi
elikhulu ekuseni kakhulu,
Umuntu wakubo uyokubhe-
ka njengento embi# lokho.
15 Umfazi othanda ingxa-
bano* uyafana nophahla
oluvuzayo lapho kuna
imvula.[f]
16 Noma ubani ongamvimba
angakwazi ukuvimba
umoya
Angakwazi nokubamba
amafutha ngesandla sa-
khe sokudla.
17 Njengoba nje insimbi ilola
enye insimbi,

27:12 *Noma, "beyajeza." 27:13 *Noma, "yomuntu." 27:14 *NgesiHebheru, "ebusisa." #NgesiHebheru, "njengesiqalekiso." 27:15 *Noma, "oyisicefe; obeleselayo."

Nomuntu ulola umngani* wakhe.[a]
18 Onakekela isihlahla somkhiwane uyodla izithelo zaso,[b]
Nonakekela inkosi yakhe uyodunyiswa.[c]
19 Njengoba nje amanzi ebonisa ubuso bomuntu
Nenhliziyo yomuntu iyakwazi ukubonisa eyomunye umuntu.
20 IThuna nendawo yokubhubha* akudeli,[d]
Namehlo omuntu awadeli.
21 Njengoba nje imbiza yokucwenga ingeyesiliva nesithando somlilo singesegolide,[e]
Nomuntu uvivinywa ukudunyiswa akutholayo.
22 Ngisho noma isiwula ungasigqula esigqulweni
Njengokudla okusanhlamvu esitsheni okugayelwa kuso,
Ubuwula baso ngeke busuke kuso.
23 Kufanele usazi kahle isimo somhlambi wakho.
Zinakekele kahle* izimvu zakho,[f]
24 Ngoba ingcebo ngeke ibe khona unomphela,[g]
Nomqhele ngeke udlulele kuzo zonke izizukulwane.
25 Utshani obuluhlaza buyanyamalala, kuvele utshani obusha,
Nezinto ezimila ezintabeni ziyabuthwa.
26 Uvolo wezinqama wenza izingubo zakho,
Futhi ngezimpongo ungathenga insimu.
27 Kuyoba nobisi lwezimbuzi olwanele olungakondla,
Londle umndeni wakho futhi kudle namantombazane akho ayizinceku.

# 28

Ababi bayabaleka kube kungekho muntu obajahayo,
Kodwa abalungile bazethemba njengebhubesi.*[a]
2 Uma kunesiphambeko* ezweni, izikhulu ziyobusa ngokushintshana,[b]
Kodwa ngosizo lomuntu onokuqonda nolwazi, isikhulu siyohlala isikhathi eside.[c]
3 Umuntu ompofu ophamba abantu abaphansi[d]
Unjengemvula ekhukhula konke ukudla.
4 Labo abawushiyayo umthetho bayamdumisa omubi,
Kodwa abawugcinayo bayabathukuthelela.[e]
5 Abantu ababi abanakubuqonda ubulungisa,
Kodwa abafuna uJehova baqonda konke.[f]
6 Ungcono ompofu ohamba ngobuqotho bakhe
Kunocebile onezindlela ezikhohlakele.[g]
7 Indodana eqondayo igcina umthetho,
Kodwa umngani weziminzi uhlaza uyise.[h]
8 Owandisa ingcebo yakhe ngenzalo[i] nangenzuzo eyeqile
Uyiqoqela lowo obonisa umusa kubantu abampofu.[j]
9 Owenqaba ukulalela umthetho
—Ngisho nomthandazo wakhe uyinto enengekayo.[k]

27:17 *NgesiHebheru, "ubuso bomngani." 27:20 *Noma, "neShiyoli ne-Abhadoni." 27:23 *Noma, "Beka inhliziyo yakho; Naka."

28:1 *Noma, "njengewundlu lebhubesi."
28:2 *Noma, "kunokuvukela."

ISAHL. 27
a 1Sa 23:16 Heb 10:24, 25
b IzA 13:4
c Gen 39:2 IzA 17:2
d IzA 30:15, 16
e IzA 17:3
f Kol 3:23
g IzA 23:4, 5 1Ti 6:17

Uhla 2

ISAHL. 28
a Dan 3:16, 17 IzE 4:13
b 1Kh 16:8, 15 1Kh 16:22
c Dan 4:27
d IzA 14:31
e Num 25:6-8 1Sa 15:22, 23 Efe 5:11
f Hu 25:14 Mar 4:11, 12 Jak 1:5
g IzA 16:8 IzA 19:1
h IzA 23:20 1Ko 15:33
i Dut 23:19
j IzA 13:22 IzA 19:17
k Hu 66:18 IzA 15:29 Isay 1:15

10 Ophambukisela abaqotho endleleni embi uyowela emgodini wakhe,[a]
Kodwa abangenaphutha bayodla ifa lokuhle.[b]
11 Umuntu ocebile uhlakaniphile emehlweni akhe,[c]
Kodwa ompofu oqondayo uyakwazi ukumbona.[d]
12 Lapho abalungile benqoba, kuba khona udumo olukhulu,
Kodwa lapho ababi bethola amandla, abantu bayacasha.[e]
13 Ofihla iziphambeko zakhe ngeke aphumelele,[f]
Kodwa ozivumayo azishiye uyoboniswa isihe.[g]
14 Uyajabula umuntu ohlale eqaphile,*
Kodwa noma ubani oyenza lukhuni inhliziyo yakhe uyowela enhlekeleleni.[h]
15 Njengebhubesi eligwavumayo nebhere elihlaselayo
Unjalo umbusi omubi obusa abantu abangakwazi ukuzilwela.[i]
16 Umholi ongenakho ukuqonda uwasebenzisa kabi amandla akhe,[j]
Kodwa ozonda inzuzo engalungile uyokwelula ukuphila kwakhe.[k]
17 Umuntu onecala legazi ngokubulala umuntu uyobaleka aze angene ethuneni.*[l]
Makungabi bikho muntu omsizayo.
18 Ohamba ngokungenaphutha uyosindiswa,[m]
Kodwa onezindlela ezigwegwile uyowa kungazelelwe.[n]
19 Olima umhlabathi wakhe uyoba nokudla okuningi,
Kodwa ofunana nezinto ezingasizi ngalutho uyosutha ubumpofu.[a]
20 Umuntu othembekile uyothola izibusiso eziningi,[b]
Kodwa ojaha ukuceba ngeke ahlale emsulwa.[c]
21 Akukuhle ukukhetha;[d]
Kodwa umuntu angenza okubi ngenxa yocezu lwesinkwa.
22 Umuntu onomona* ushabashekela# ingcebo,
Engazi ukuthi ukuswela kuyomfica.
23 Noma ubani osola umuntu,[e] kamuva uyothola umusa omkhulu[f]
Kunomuntu othophayo ngolimi lwakhe.
24 Noma ubani ophamba uyise nonina bese ethi: "Akukubi,"[g]
Uyafana nomuntu osebenza nezigilamkhuba.[h]
25 Umuntu oyigovu* ubhebhezela ingxabano,
Kodwa noma ubani othembela kuJehova uyochuma.#[i]
26 Noma ubani othemba inhliziyo yakhe uyisiphukuphuku,[j]
Kodwa ohamba ngokuhlakanipha uyophunyuka enhlekeleleni.[k]
27 Noma ubani opha abampofu ngeke aswele lutho,[l]
Kodwa ovala amehlo akhe ekuhluphekeni kwabo uyothola iziqalekiso eziningi.
28 Lapho ababi bethola amandla, umuntu uyacasha,
Kodwa lapho beshabalala abalungile bayanda.[m]

**28:14** *Noma, "enovalo." **28:17** *Noma, "egodini."

**28:22** *Noma, "oyigovu." #Noma, "wenza konke ukuze athole." **28:25** *Noma kungaba, "Umphefumulo ozikhukhumezayo." #NgesiHebheru, "uyokhuluphaliswa."

**ISAHL. 28**
a Hu 7:14-16
b Dut 7:12; Hu 37:11, 18; Hu 84:11
c IzA 18:11
d Mar 10:21
e 1Kh 17:1-3; IzA 29:2
f 1Sa 15:13-15
g 2Sa 12:13; 2Kr 33:12, 13; Hu 32:3, 5; Hu 51:1
h Eks 7:22; Neh 9:29; IzA 29:1; Jer 16:12, 13
i Zef 3:3; Mat 2:16
j Neh 5:15; Amo 4:1
k Isay 33:15, 16
l Gen 9:6; 1Kh 21:19; Mat 27:3-5
m Hu 25:21
n Hu 73:12, 18; 1Th 5:3; IsA 3:3

**Uhla 2**
a IzA 23:21; Luk 15:13, 14
b 1Sa 18:5; Neh 7:2; Hu 101:6
c 2Kh 5:20-22; Jer 17:11; 1Ti 6:9
d Lev 19:15; IzA 18:5; Jak 2:1
e 2Sa 12:7, 9; Gal 2:11
f Hu 141:5; IzA 27:6
g Mar 7:10, 11
h IzA 19:26
i 1Kh 3:11-13
j IzA 3:5; Jer 17:9
k Job 28:28
l Dut 15:7, 10; Hu 41:1; IzA 19:17; Heb 13:16
m Est 8:17

29 Umuntu oqinisa ikhanda* ngemva kokusolwa kaningi[a]
Uyokwephulwa kungazelelwe, angabe esalapheka.[b]
2 Lapho abalungile bebaningi, abantu bayajabula,
Kodwa lapho kubusa omubi, abantu bayabubula.[c]
3 Umuntu othanda ukuhlakanipha wenza uyise ajabule,[d]
Kodwa ozihlanganisa nezifebe usaphaza ingcebo yakhe.[e]
4 Ngobulungisa inkosi yenza izwe lizinze,[f]
Kodwa umuntu ofuna izifumbathiso uyalibhidliza.
5 Umuntu othopha umakhelwane wakhe
Wendlalela izinyawo zakhe inethi.[g]
6 Isiphambeko somuntu omubi simbekela ugibe,[h]
Kodwa olungile ukhamuluka ngenjabulo athokoze.[i]
7 Olungile ukhathalela amalungelo angokomthetho abantu abampofu,[j]
Kodwa omubi akawakhathaleli.[k]
8 Abantu abaqhoshayo bokhela idolobhana,[l]
Kodwa abahlakaniphile banqanda intukuthelo,[m]
9 Lapho umuntu ohlakaniphile ephikisana nesiwula,
Kuyoba nokuthethisana nokwenzana inhlekisa, ohlakaniphile ngeke afeze lutho.[n]
10 Abantu abomele igazi bazonda noma ubani omsulwa,*[o]
Futhi bafuna ukubulala oqotho.*
11 Isiphukuphuku siyikhipha yonke intukuthelo* yaso,[a]
Kodwa ohlakaniphile uyilawula ngomoya ozolile.[b]
12 Lapho umbusi enaka inkulumo engamanga,
Zonke izinceku zakhe ziyoba zimbi.[c]
13 Nakhu umuntu ompofu nocindezelayo abafana* ngakho:
UJehova uletha ukukhanya emehlweni abo bobabili.#
14 Lapho inkosi yahlulela abantu abampofu ngobulungisa,[d]
Isihlalo sayo sobukhosi siyokuma siqine njalo.[e]
15 Induku* nokusola kunika ukuhlakanipha,[f]
Kodwa umntwana ongakhuzwa ubangela unina amahloni.
16 Lapho ababi banda neziphambeko ziyanda,
Kodwa abalungile bayobona ukuwa kwabo.[g]
17 Yala indodana yakho, iyokwenza uthole ukuphumula;
Iyokwenza ujabule kakhulu.[h]
18 Lapho kungekho siqondiso sikaNkulunkulu, abantu abazibambi,[i]
Kodwa bayajabula labo abagcina umthetho.[j]
19 Inceku ngeke ivume ukuba ilungiswe ngamazwi,
Ngoba nakuba iqonda, ayilaleli.[k]
20 Uke wambona umuntu onamawala lapho ekhuluma?[l]

---

**29:1** *Noma, "onenkani." **29:10** *Noma, "ongenaphutha; ongasoleki."

**29:10** *Noma kungaba, "Kodwa oqotho ufuna ukuvikela ukuphila kwakhe." **29:11** *Noma, "imizwa." **29:13** *NgesiHebheru, "abahlangana." #Okuwukuthi, ubanika ukuphila. **29:15** *Noma, "Isiyalo; Isijeziso."

---

ISAHL. 29
a Eks 11:10; 2Kr 36:11-13
b 1Sa 2:22-25; 2Kr 36:15, 16
c Est 3:13, 15
d IzA 27:11
e IzA 5:8-10; IzA 6:26; Luk 15:13, 14
f 2Sa 8:15; Hu 89:14; Isay 9:7
g IzA 26:28; Rom 16:18
h IzA 5:22
i Hu 97:11
j Hu 41:1
k Jer 5:28
l Jak 3:6
m IzE 19:29, 35
n IzA 26:4
o Gen 27:41; 1Sa 20:31; 1Jo 3:11, 12

Uhla 2
a IzA 12:16; IzA 25:28
b IzA 14:29
c 1Kh 21:8-11; Jer 38:4, 5
d Hu 72:1, 2
e IzA 20:28; IzA 25:5; Isay 9:7
f IzA 22:6; IzA 22:15; IzA 23:13; Efe 6:4
g Hu 37:34; IsA 18:20
h Heb 12:11
i Hos 4:6
j IzA 19:16; Joh 13:17; Jak 1:25
k IzA 26:3
l Shu 5:2; Jak 1:19

Kukhona ithemba elikhulu ngesiphukuphuku kunangaye.[a]
21 Uma inceku ibilokhu itotoswa kusukela ebusheni bayo,
Kamuva ngeke ibonise ukubonga.
22 Umuntu ocasuka kalula ubhebhezela ingxabano;[b]
Noma ubani osheshe athukuthele wenza izono eziningi.[c]
23 Ukuzidla komuntu kuyomthobisa,[d]
Kodwa noma ubani onomoya othobekile uyothola udumo.[e]
24 Umngani wesela uzizonda yena.
Angase abizelwe ukuzofakaza, kodwa angabiki lutho.[f]
25 Ukwesaba abantu kuwugibe,*[g]
Kodwa othembela kuJehova uyovikelwa.[h]
26 Abaningi bafuna ukukhuluma nombusi,*
Kodwa umuntu ubuthola kuJehova ubulungisa.[i]
27 Umuntu ongalungile uyanengeka kolungile,[j]
Kodwa ohamba ngobuqotho uyanengeka komubi.[k]

**30** Umyalezo onamandla osemazwini ka-Aguri indodana kaJakhe, awakhuluma ku-Ithiyeli, ku-Ithiyeli no-Ukhali.
2 Ngingumuntu ontula ulwazi ukwedlula noma ubani omunye,[l]
Futhi anginakho ukuqonda umuntu okufanele abe nako.
3 Angikufundanga ukuhlakanipha,
Anginalo nolwazi loNgcwelengcwele.
4 Ubani onyukele ezulwini wabuye wehla?[a]
Ubani oqoqele umoya kuzo zombili izandla zakhe?
Ubani osonge amanzi ngengubo yakhe?[b]
Ubani omise* yonke imikhawulo yomhlaba?[c]
Ubani igama lakhe negama lendodana yakhe—uma wazi?
5 Wonke amazwi kaNkulunkulu acwengekile.[d]
Uyihawu lalabo abaphephela kuye.[e]
6 Unganezeli lutho emazwini akhe,[f]
Ukuze angakusoli,
Futhi utholakale ungumqambimanga.
7 Zimbili izinto engizicela kuwe.
Ungangigodleli zona uma nje ngisaphila.
8 Dedisela kude nami amanga nezinto ezingelona iqiniso.[g]
Unganginiki ubumpofu noma ingcebo.
Mangidle ukudla engabelwe kona,[h]
9 Ukuze ngingasuthi bese ngikuphika ngithi, “Ubani uJehova?”[i]
Futhi ungangenzi ngibe mpofu bese ngiyeba ngihlaze* igama likaNkulunkulu wami.
10 Ungayinyundeli inceku enkosini yayo,
Ngoba ingase ikuqalekise futhi utholakale unecala.[j]
11 Kukhona isizukulwane esiqalekisa uyise
Esingambusisi nonina.[k]

29:25 *Noma, “kubeka ugibe.” 29:26 *Noma kungaba, “umusa wombusi.”

30:4 *NgesiHebheru, “ophakamise.”
30:9 *Noma, “ngigxeke.”

ISAHL. 29
a IzA 14:29; IzA 21:5
b IzA 15:18
c 1Sa 18:8, 9; Jak 3:16
d Est 6:6, 10; Jak 4:6
e IzA 18:12; Mat 18:4; Flp 2:8, 9
f Lev 5:1
g Mat 10:28; Mat 26:75
h 2Kr 14:11; IzA 18:10
i Hu 62:12; Luk 18:6, 7
j Hu 119:115; Hu 139:21
k Joh 7:7; 1Jo 3:13

ISAHL. 30
l Job 42:3

Uhla 2
a Joh 3:13
b Isay 40:12
c Job 38:4
d Hu 12:6
e Gen 15:1; 2Sa 22:31; Hu 84:11
f Dut 4:2; IsA 22:18
g IzA 12:22
h Mat 6:11; 1Ti 6:8
i Dut 6:10-12
j Dan 6:24
k Lev 20:9; IzA 19:26; Mar 7:10, 11

12 Kukhona isizukulwane esi-
zibona sihlanzekile[a]
Kodwa esingahlanzwanga
ekungcoleni* kwaso.
13 Kukhona isizukulwane esi-
namehlo azidlayo
Esimehlo aso aqhosha ka-
khulu![b]
14 Kukhona isizukulwane esi-
mazinyo aso ayizinkemba
Esimihlathi yaso iyimimese
yokuhlaba;
Sishwabadela abaphansi
emhlabeni
Nabampofu esintwini.[c]
15 Iminyundu* inamadodakazi
amabili amemezayo athi,
"Sinike! Sinike!"
Kunezinto ezintathu ezi-
ngasuthi,
Ezine ezingalokothi zithi,
"Kwanele!"
16 —IThuna*[d] nesibeletho so-
ngenanzalo,
Izwe elingenamanzi,
Nomlilo ongalokothi uthi,
"Kwanele!"
17 Iso elenza uyise
inhlekisa nelidelela ukula-
lela unina[e]
—Amagwababa asesigodi-
ni* ayolikopolota,
Nabantwana bokhozi bayo-
lidla.[f]
18 Kukhona izinto ezintathu
engingazazi,*
Nezine engingaziqondi:
19 Indlela ukhozi olundiza
ngayo emazulwini,
Indlela inyoka ehamba nga-
yo edwaleni,
Indlela umkhumbi ohamba
ngayo olwandle,
Nendlela yendoda lapho
inowesifazane.
20 Nansi indlela yowesifazane
ophingayo:
Uyadla asule umlomo;
Bese ethi, "Angenzanga lu-
tho olubi."[a]
21 Kunezinto ezintathu eziza-
mazamisa umhlaba
Nezine abantu abangeke
bakwazi ukuzithwala:
22 Lapho isigqila sibusa nje-
ngenkosi,[b]
Lapho isiwula sinokudla
okuningi,
23 Lapho kuthathwa owesifa-
zane ozondwayo* ukuze
abe umfazi,
Nalapho intombazane eyi-
sisebenzi ithatha indawo
yenkosikazi.[c]
24 Lezi zinto ezine emhlabeni
ziphakathi kwezinto ezi-
ncane kunazo zonke,
Kodwa zihlakaniphile ngo-
kwemvelo:*[d]
25 Izintuthwane ziyizilwanya-
na* ezingenamandla,
Nokho zilungisa ukudla
kwazo ehlobo.[e]
26 Izimbila[f] azizona izilwane*
ezinamandla,
Nokho zakha indlu yazo
emadwaleni.[g]
27 Izintethe[h] azinankosi,
Nokho zonke zihamba nge-
ndlela ehlelekile.*[i]
28 Isigcilikisha[j] sibambelela
ngezinyawo zaso,
Futhi siya esigodlweni se-
nkosi.

---

**30:12** *NgesiHebheru, "endleni." **30:15** *Uhlobo lwesilwanyana esihlala emanzini esimunca igazi labantu noma lezilwane. **30:16** *Noma, "IShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **30:17** *Noma, "asemhosheni." **30:18** *Noma, "ezimangalisa kakhulu kimi."

**30:23** *Noma, "ongathandwa." **30:24** *Noma, "zihlakaniphe kakhulu." **30:25** *NgesiHebheru, "ziyisizwe." **30:26** *NgesiHebheru, "isizwe." **30:27** *Noma, "zihlukaniswe ngamaqembu."

**ISAHL. 30**
a Hu 36:1, 2; Isay 65:5; 1Jo 1:8
b Hu 101:5; IzA 6:16, 17
c Hu 14:4; IzA 22:16; Isay 32:7
d IzA 27:20
e IzA 23:22
f Lev 20:9; Dut 21:18, 21; IzA 20:20

**Uhla 2**
a IzA 7:10, 11
b IzA 19:10; Shu 10:7; Isay 3:4
c Gen 16:5
d Job 35:11
e IzA 6:6-8
f Lev 11:5
g Hu 104:18
h Eks 10:14; Jow 1:4
i Jow 2:7
j Lev 11:29, 30

29 Kukhona izinto ezintathu
okumnandi ukuzibuka,
Ezine ezihamba kamnandi:
30 Ibhubesi, isilwane esinamandla kunazo zonke izilwane,
Esingagudlukeli lutho;[a]
31 Ibhansi;* impongo;
Nenkosi ekanye nebutho layo.
32 Uma uye waziphakamisa ngobuwula[b]
Noma uye waceba ukwenza kanjalo,
Beka isandla sakho emlonyeni.[c]
33 Ngoba njengoba ukuphehla ubisi kuveza ibhotela
Nokupitshiza ikhala kukhipha igazi,
Kanjalo nokubhebhezela intukuthelo kudala izingxabano.[d]

31 Amazwi eNkosi uLemuweli, umyalezo onamandla unina amnika wona ukuze amfundise:[e]
2 O ndodana yami, yini okufanele ngikutshele yona,
Yini ndodana yesibeletho sami,
Yini enye ndodana yezithembiso zami?[f]
3 Unganiki abesifazane amandla akho,[g]
Ungalandeli izindlela ezenza amakhosi abhubhe.[h]
4 Akukhona okwamakhosi, Lemuweli,
Akukhona okwamakhosi ukuphuza iwayini
Noma okwababusi ukuba bathi: "Buphi utshwala bami?"[i]
5 Ukuze bangaphuzi bese bekhohlwa okunqunyiwe,
Baphendukezele amalungelo abantu abaphansi.

30:31 *Noma, "Ichalaha."

ISAHL. 30
a Num 23:24 Isay 31:4
b IzA 26:12
c IzA 27:2
d IzA 26:21

ISAHL. 31
e IzA 1:8 2Ti 1:5
f 1Sa 1:11, 28
g Hos 4:11
h Dut 17:15, 17 1Kh 11:1-3 Neh 13:26
i Shu 10:17 Isay 28:7

Uhla 2
a Hu 104:15 Mat 27:34
b Jer 16:7
c Hu 82:4
d Dut 1:16, 17 2Sa 8:15 Hu 72:1, 2 Isay 11:4
e Rut 3:10, 11 IzA 12:4 IzA 19:14
f 1Sa 2:18, 19 Tit 2:3-5
g 2Kr 9:21
h 1Ti 5:9, 10

6 Banikeni utshwala labo abashabalalayo[a]
Nibanike iwayini labo abanosizi.*[b]
7 Mabaphuze bakhohlwe ukuhlupheka kwabo;
Mabangabe besazikhumbula izinkathazo zabo.
8 Khulumela abangakwazi ukuzikhulumela;
Lwela amalungelo abo bonke abashabalalayo.[c]
9 Kufanele ukhulume futhi wahlulele ngokulunga;
Lwela amalungelo abantu abaphansi nabahluphekayo.[d]

א [*Aleph*]

10 Ubani ongathola umfazi okhaliphile?*[e]
Ubaluleke ukwedlula amakhorali.#

ב [*Beth*]

11 Umyeni wakhe umethemba ngokusuka enhliziyweni,
Akantuli lutho oluyigugu.

ג [*Gimel*]

12 Uvuza umyeni wakhe ngokuhle hhayi ngokubi,
Zonke izinsuku zokuphila kwakhe.

ד [*Daleth*]

13 Ufuna uvolo nelineni;
Uyakujabulela ukusebenza ngezandla zakhe.[f]

ה [*He*]

14 Unjengemikhumbi yomthengisi,[g]
Ukulanda kude ukudla kwakhe.

ו [*Waw*]

15 Uvuka kusesebusuku,
Aphe umndeni wakhe ukudla
Anike nezincekukazi zakhe izabelo.[h]

31:6 *Noma, "abalusizi emphefumulweni." 31:10 *Noma, "onekhono." #Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

ז [*Zayin*]

16 Ucabanga ngensimu, ayihlole bese eyayithenga;
Utshala insimu yamagilebhisi ngenzuzo ayitholile.*

ח [*Heth*]

17 Uzilungiselela ukusebenza kanzima,[a]
Uqinisa izingalo zakhe.

ט [*Teth*]

18 Uyabona ukuthi ukuhweba kwakhe kunenzuzo;
Isibani sakhe asicimi ebusuku.

י [*Yod*]

19 Izandla zakhe zibamba uthi lokubamba imicu,
Izandla zakhe zibamba uthi lokuphotha.*[b]

כ [*Kaph*]

20 Welula isandla sakhe asize abampofu,
Futhi uvulela abahluphekile izandla zakhe.[c]

ל [*Lamed*]

21 Akakhathazeki ngomndeni wakhe ebusika,
Ngoba wonke umndeni wakhe wembathe izingubo ezifudumele.*

מ [*Mem*]

22 Uzenzela izembozo zombhede wakhe.
Izingubo zakhe ezelineni noboya obuphephuli.

נ [*Nun*]

23 Umyeni wakhe ungumuntu owaziwayo emasangweni edolobha,[d]
Lapho ehlala khona phakathi kwamadoda amadala ezwe.

ס [*Samekh*]

24 Wenza futhi athengise izingubo zelineni*
Anike nabahwebi amabhande.

ע [*Ayin*]

25 Unesibindi futhi uyahlonishwa
Ubheka ikusasa ngokuqiniseka.*

פ [*Pe*]

26 Umlomo wakhe uwuvula ngokuhlakanipha;[a]
Umthetho womusa* usolimini lwakhe.

צ [*Tsade*]

27 Uyayibheka imisebenzi eyenziwa endlini yakhe,
Akasidli isinkwa sobuvila.[b]

ק [*Qoph*]

28 Izingane zakhe ziyasukuma zimdumise;
Umyeni wakhe uyasukuma amdumise.

ר [*Resh*]

29 Baningi abesifazane abakhaliphile,*
Kodwa wena—wena ubadlula bonke.

ש [*Shin*]

30 Ukukhanga kungase kube yinkohliso, nobuhle bungase bube obesikhashana,*[c]
Kodwa owesifazane owesaba uJehova uyothola udumo.[d]

ת [*Taw*]

31 Mnikeni umvuzo ngomsebenzi wakhe,*[e]
Imisebenzi yakhe mayimdumise emasangweni edolobha.[f]

**31:16** *NgesiHebheru, "ngesithelo sezandla zakhe." **31:19** *Uthi lokubamba imicu nothi lokuphotha kwakuyizindukwana ezazisetshenziselwa ukuphotha nokwenza intambo yokuthunga. **31:21** *NgesiHebheru, "ezibhangqiwe."

**31:24** *Noma, "zangaphansi." **31:25** *Noma, "uyahleka lapho ecabanga ngekusasa." **31:26** *Noma, "Imfundiso enothando; Umthetho wothando oluqotho." **31:29** *Noma, "abanekhono." **31:30** *Noma, "yize." **31:31** *NgesiHebheru, "esithelweni sezandla zakhe."

ISAHL. 31
a Gen 24:15, 20
b Eks 35:25
c 1Sa 25:18; IzA 19:17; 1Ti 2:10; Heb 13:16
d Rut 4:1; Job 29:7, 8

Uhla 2
a Hlu 13:22, 23; 1Sa 25:30, 31; Est 5:8; Tit 2:3
b IzA 14:1; 1Ti 5:9, 10; Tit 2:3-5
c 2Kh 9:30; Est 1:10-12; IzA 6:25, 26
d Gen 24:60; Hlu 5:7; 1Pe 3:3, 4
e Rut 3:10, 11
f Rom 16:1, 2

# UMSHUMAYELI

UHLU LOKUPHAKATHI

1 Konke kuyize (1-11)
- Umhlaba uhlala kuze kube phakade (4)
- Imijikelezo engokwemvelo iyaqhubeka (5-7)
- Ayikho into entsha phansi kwelanga (9)

Ukuhlakanipha komuntu kulinganiselwe (12-18)
- Ukugijimisa umoya (14)

2 Izinto ezazifunwa uSolomoni (1-11)
Ukubaluleka kokuhlakanipha komuntu (12-16)
Ukuba yize komsebenzi onzima (17-23)
Yidla, uphuze, ujabulele umsebenzi (24-26)

3 Isikhathi esimisiwe sayo yonke into (1-8)
Ukujabulela ukuphila yisipho esivela kuNkulunkulu (9-15)
- Ubuphakade busenhliziyweni yomuntu (11)

UNkulunkulu wahlulela bonke abantu ngobulungisa (16, 17)
Abantu nezilwane bayafa ekugcineni (18-22)
- Konke kuyobuyela othulini (20)

4 Ukufa kungcono kunokucindezelwa (1-3)
Umbono olinganiselayo ngomsebenzi (4-6)
Ukubaluleka komngani (7-12)
- Ababili bangcono kunoyedwa (9)

Ukuphila kombusi kungaba yize (13-16)

5 Yiba nokwesaba okufanele lapho usondela kuNkulunkulu (1-7)
Abaphansi babhekwe abasezikhundleni eziphakeme (8, 9)
Ukuba yize kwengcebo (10-20)
- Abathanda imali abaneliseki (10)
- Ubuthongo besisebenzi bumnandi (12)

6 Ukuba nezinto kodwa ungajabuli (1-6)
Jabulela lokho onakho manje (7-12)

7 Igama elihle nosuku lokufa (1-4)
Ukusola komuntu ohlakaniphile (5-7)
Singcono isiphetho kunesiqalo (8-10)
Inzuzo yokuhlakanipha (11, 12)
Izinsuku ezinhle nezimbi (13-15)
Kugweme ukweqisa (16-22)
Izinto ezibonwe umshumayeli (23-29)

8 Ukubuswa umuntu onesono (1-17)
- Lalela imiyalo yenkosi (2-4)
- Ukubusa komuntu kuyalimaza (9)
- Lapho isigwebo singakhishwanga ngokushesha (11)
- Yidla, uphuze, ujabule (15)

9 Bonke banesiphetho esifanayo (1-3)
Jabulela ukuphila yize kukhona ukufa (4-12)
- Abafile abazi lutho (5)
- Akukho msebenzi eThuneni (10)
- Isikhathi nezenzakalo ezingalindelekile (11)

Ukuhlakanipha akwaziswa ngaso sonke isikhathi (13-18)

10 Ubuwula obuncane buyakugqiba ukuhlakanipha (1)
Izingozi zokuntula ukuhlakanipha (2-11)
Umphumela odabukisayo wesiphukuphuku (12-15)
Ubuwula phakathi kwababusi (16-20)
- Inyoni ingase ikuphinde okushilo (20)

11 Lisebenzise kahle ithuba (1-8)
- Phonsa isinkwa sakho emanzini (1)
- Hlwanyela imbewu kusukela ekuseni kuze kuhlwe (6)

Bujabulele ngokuhlakanipha ubusha bakho (9, 10)

12 Khumbula uMdali wakho ungakagugi (1-8)
Isiphetho somshumayeli (9-14)
- Amazwi ahlakaniphile anjengezinkandi (11)
- Yesaba uNkulunkulu weqiniso (13)

1 Amazwi omshumayeli,*[a] indodana kaDavide, inkosi eJerusalema.[b]
2 “Yize leze!” kusho umshumayeli,
“Yize leze! Konke kuyize!”[c]
3 Uzuzani umuntu kuwo wonke umsebenzi wakhe onzima
Efukuza phansi kwelanga?[d]
4 Isizukulwane siyadlula, kufike esinye isizukulwane,
Kodwa umhlaba uhlala* kuze kube phakade.[e]
5 Ilanga liyaphuma* liphinde lishone;
Libe seliphuthuma liphindele endaweni eliphume kuyo ukuze liphume futhi.[f]
6 Umoya uya eningizimu, uyazungeza uye enyakatho;
Ulokhu uzungeze njalo; umoya uyaqhubeka nokujikeleza.
7 Yonke imifudlana* igelezela olwandle, kodwa ulwandle alugcwele.[g]
Endaweni imifudlana egeleza isuka kuyo, iphindela khona iphinde igeleze.[h]
8 Zonke izinto ziyakhathaza;
Akekho ongakhuluma ngazo.
Iso alaneliswa ukubona;
Nendlebe ayaneliswa ukuzwa.
9 Lokho obekukhona kusazoqhubeka kukhona,
Nalokho osekwenziwe kusazokwenziwa futhi;
Ayikho into entsha phansi kwelanga.[i]
10 Ikhona yini into umuntu angase athi ngayo: “Uyakubona lokhu—kusha”?
Bekulokhu kukhona kusukela kudala;
Bekuvele kukhona esikhathini esingaphambi kwesethu.
11 Akekho okhumbula abantu bezikhathi zangaphambili;
Akekho nozokhumbula labo abasazoba khona;
Ngeke bakhunjulwe ngisho nayilabo abazoba khona kamuva.[a]

12 Mina, mshumayeli, bengiyinkosi kwa-Israyeli eJerusalema.[b]
13 Ngenza inhliziyo yami ukuba ifunde futhi ihlole ngokuhlakanipha[c] konke okuye kwenziwa phansi kwamazulu[d]—umsebenzi obangela usizi uNkulunkulu awunike amadodana abantu owagcina ematasa.
14 Ngabona yonke imisebenzi eyayenziwa phansi kwelanga,
Bheka! konke kwakuyize, ukugijimisa umoya.[e]
15 Okugwegwile akunakuqondiswa,
Nokungekho akunakubalwa.

16 Ngabe sengithi enhliziyweni yami: “Bheka! Ngithole ukuhlakanipha okukhulu, okwedlula okwanoma ubani owayengaphambi kwami eJerusalema,[f] inhliziyo yami ithole ukuhlakanipha nolwazi okukhulu.”[g]
17 Ngagxilisa inhliziyo yami ekwazini ukuhlakanipha, ukuhlanya* nobuwula,[h] nalokhu futhi kuwukugijimisa umoya.
18 Ngoba ukuchichima kokuhlakanipha kubangela ukukhathazeka okuningi,

ISAHL. 1
a 1Kh 8:1, 22
b 1Kh 2:12; 2Kr 9:30
c Hu 39:5; Rom 8:20
d Shu 2:11; Mat 16:26; Joh 6:27
e Hu 78:69; Hu 104:5; Hu 119:90
f Gen 8:22; Hu 19:6
g Job 38:8, 10
h Job 36:27, 28; Isay 55:10; Amo 5:8
i Gen 8:22; Shu 1:4

Uhla 2
a Shu 2:16; Shu 9:5; Isay 40:6
b 1Kh 11:42; Shu 1:1
c 1Kh 4:29, 30
d Shu 8:16
e Hu 39:5, 6; Shu 2:11, 18; Shu 2:26; Luk 12:15
f Shu 2:9
g 1Kh 3:28; 1Kh 4:29-31; 2Kr 1:10-12
h Shu 2:2, 3; Shu 2:12; Shu 7:25

1:1 *Noma, “omhlanganisi.” 1:4 *NgesiHebheru, “uma.” 1:5 *Noma, “liyakhanya.” 1:7 *Noma, “imifudlana yasebusika.”

1:17 *Noma, “ubuwula obuphindiwe.”

Kangangokuba noma ubani
owandisa ulwazi wandisa
ubuhlungu.[a]

**2** Ngemva kwalokho ngathi
enhliziyweni yami: "Ake
ngizame ukuzijabulisa ngibone
ukuthi buhle buni obuzovela."
Kodwa bheka! nalokho kwaku-
yize.

**2** Ngathi ngokuhleka: "Kuwu-
kuhlanya!"
Ngathi ngenjabulo: "Isiza
ngani?"

**3** Ngacabangisisa enhlizi-
yweni yami nganquma uku-
zitika ngewayini,[b] ngibe ngilo-
ndoloze ukuhlakanipha kwami;
ngaze ngenza nezinto eziwubu-
wula ukuze ngithole ukuthi yini
eyayingcono kakhulu ngabantu
ukuba bayenze phakathi nezi-
nsuku zabo ezimbalwa abazi-
phila ngaphansi kwamazulu.
**4** Ngenza imisebenzi emikhulu
kakhulu.[c] Ngazakhela izindlu;[d]
ngazitshalela namasimu amagi-
lebhisi.[e] **5** Ngazenzela izinga-
di namapaki, ngatshala kukho
zonke izinhlobo zezihlahla ze-
zithelo. **6** Ngazenzela amachi-
bi ukuze nginisele amasimu ezi-
hlahla* ezinhle. **7** Ngazithole-
la izinceku nezincekukazi,[f] nga-
ba nezinceku ezazalelwa kwa-
mi.* Ngaba nemfuyo eningi ka-
khulu—izinkomo nezimvu nezi-
mbuzi[g]—ukwedlula bonke aba-
bengaphambi kwami eJerusale-
ma. **8** Ngaziqongelelela isiliva
negolide,[h] umcebo* wamakhosi
nowezifundazwe.[i] Ngaziqoqela
abaculi besilisa nabesifazane,
nalokho okuwajabulisa kakhu-
lu amadodana abantu—owesi-
mame, yebo, abesimame abani-
ngi.# **9** Ngakho ngaba mkhulu
kakhulu, ngakhula ngabedlula
bonke ababengaphambi kwami
eJerusalema.[a] Ukuhlakanipha
kwami kwahlala kungokwami.

**10** Angizange ngizincishe
lutho engangilufisa.*[b] Angiza-
nge ngiyigodlele inhliziyo yami
noma yiluphi uhlobo lwenja-
bulo, ngoba inhliziyo yami yayi-
jabule ngenxa yawo wonke
umsebenzi wami onzima, futhi
lokhu kwakuwumvuzo# wami
ngenxa yawo wonke umse-
benzi wami onzima.[c] **11** Ko-
dwa lapho ngicabanga nga-
yo yonke imisebenzi engangi-
yenze ngezandla zami nanga-
kho konke ukusebenza kwami
kanzima ngifukuza,[d] ngabona
ukuthi konke kwakuyize, uku-
gijimisa umoya;[e] kwakungekho
lutho oluyinzuzo phansi kwela-
nga.[f]

**12** Ngabe senginaka ukuhla-
kanipha nokuhlanya nobuwu-
la.[g] (Ngoba angenzani umuntu
oza ngemva kwenkosi? Ange-
nza kuphela into kakade esi-
yenziwe.) **13** Ngabona ukuthi
kunenzuzo ukuba nokuhlakani-
pha kunokuba nobuwula,[h] nje-
ngoba nje kunenzuzo ukuba se-
kukhanyeni kunokuba sebum-
nyameni.

**14** Ohlakaniphile ubona izi-
nto ngokucacile;*[i] kodwa oyi-
siphukuphuku uhamba ebum-
nyameni.[j] Sengiyazi nokuthi
bonke banesiphetho esifana-
yo.[k] **15** Ngathi enhliziyweni
yami: "Okwenzeka koyisiphu-
kuphuku kuyokwenzeka naki-
mi."[l] Yini pho engiyizuzile ngo-
kuba ohlakaniphe ngokwedlu-
lele? Ngakho ngathi enhlizi-
yweni yami: "Nalokhu futhi ku-
yize." **16** Ngoba akekho okhu-
njulwa unomphela, bobabili
ohlakaniphile noyisiphukuphu-

---

**2:6** *Noma, "ihlathi." **2:7** *NgesiHebheru, "amadodana omuzi." **2:8** *Noma, "impahla." #Noma, "intokazi, yebo, izintokazi."

**2:10** *NgesiHebheru, "amehlo ami ayelucela." #Noma, "kwakuyisabelo." **2:14** *Noma, "uvule amehlo akhe."

---

ISAHL. 1
a Shu 2:15; Shu 12:12

ISAHL. 2
b Hu 104:15; Shu 10:19
c 1Kh 9:17-19; 2Kr 9:15, 16
d 1Kh 7:1, 8
e 1Kh 4:25; Hla 8:11
f 1Sa 8:10, 13; 1Kh 9:22
g 1Kh 4:22, 23
h 1Kh 9:14, 28; 1Kh 10:10; 2Kr 1:15
i 1Kh 10:14, 15; 2Kr 9:13, 14

Uhla 2
a 1Kh 3:13; 1Kh 10:23
b Shu 11:9
c Shu 3:22; Shu 5:18; Shu 9:9
d 1Kh 7:1
e Hu 49:10; Shu 1:14; Shu 2:16; 1Ti 6:7
f Shu 1:3; Shu 2:17
g Shu 1:17; Shu 7:25
h IzA 4:7; Shu 7:11, 12
i IzA 4:25
j IzA 14:8; IzA 17:24; Joh 3:19; 1Jo 2:11
k Shu 3:19, 20; Shu 9:2, 3; Shu 9:11
l Hu 49:10

ku.[a] Ezinsukwini ezizayo, wo-
nke umuntu uyolitshalwa. Uyo-
fa kanjani ohlakaniphile? Uyo-
fa kanye noyisiphukuphuku.[b]
**17** Ngakho ngakuzonda uku-
phila,[c] ngoba yonke into eyaye-
nziwa phansi kwelanga yayibo-
nakala icindezela kimi, ngoba
konke kwakuyize,[d] ukugijimisa
umoya.[e] **18** Ngazonda yonke
into engangiyisebenzele kanzi-
ma kangaka phansi kwela-
nga,[f] ngoba kumele ngiyishiye-
le umuntu oza ngemva kwami.[g]
**19** Futhi ubani owaziyo uku-
thi uyoba ngohlakaniphile yini
noma oyisiwula?[h] Nokho uyo-
thatha zonke izinto engachi-
tha amandla ami kanye noku-
hlakanipha ukuze ngiziqonge-
lele phansi kwelanga. Nalokhu
futhi kuyize. **20** Ngakho nga-
phelelwa ithemba enhliziyweni
yami ngenxa yawo wonke
umsebenzi onzima engawe-
nza ngifukuza phansi kwela-
nga. **21** Ngoba umuntu anga-
sebenza kanzima eqondiswa
ukuhlakanipha nolwazi nekho-
no, kodwa konke akusebe-
nzele* kumele akunikeze umu-
ntu ongakusebenzelanga.[i] Na-
lokhu futhi kuyize nenhlekele-
le enkulu.
**22** Umuntu uzuzani nge-
mpela ngawo wonke umsebe-
nzi wakhe onzima nangesifiso
esinamandla* esimenza asebe-
nze kanzima phansi kwelanga?[j]
**23** Ngoba zonke izinsuku za-
khe umsebenzi wakhe umle-
thela izinhlungu nokukhatha-
zeka,[k] ngisho nasebusuku inhli-
ziyo yakhe ayiphumuli.[l] Nalo-
khu futhi kuyize.
**24** Akukho lutho olungcono
ngomuntu kunokuba adle aphu-
ze athole nenjabulo emsebenzi-
ni wakhe onzima.[a] Nalokhu fu-
thi ngikubonile ukuthi kuvela
esandleni sikaNkulunkulu weqi-
niso,[b] **25** ngoba ubani odla fu-
thi aphuze kangcono kuna-
mi?[c]
**26** Unika umuntu omjabuli-
sayo ukuhlakanipha nolwazi
nenjabulo,[d] kodwa isoni usini-
ka umsebenzi wokubutha no-
kuqoqela ndawonye ukuze nje
sinike lowo ojabulisa uNkulu-
nkulu weqiniso.[e] Nalokhu futhi
kuyize, ukugijimisa umoya.

**3** Kukhona isikhathi esimisi-
we sayo yonke into,
Isikhathi sawo wonke
umsebenzi phansi kwa-
mazulu:
**2** Isikhathi sokuzalwa nesi-
khathi sokufa;
Isikhathi sokutshala nesi-
khathi sokusiphula oku-
tshaliwe;
**3** Isikhathi sokubulala nesi-
khathi sokwelapha;
Isikhathi sokubhidliza nesi-
khathi sokwakha;
**4** Isikhathi sokukhala nesi-
khathi sokuhleka;
Isikhathi sokubangalasa
nesikhathi sokudansa;*
**5** Isikhathi sokutshinga ama-
tshe nesikhathi sokuqo-
qela amatshe ndawonye;
Isikhathi sokugona nesi-
khathi sokungagoni;
**6** Isikhathi sokufuna nesikha-
thi sokudela okufunwayo
njengokulahlekile;
Isikhathi sokulondoloza ne-
sikhathi sokutshinga;
**7** Isikhathi sokuklebhula[f] ne-
sikhathi sokuthunga;
Isikhathi sokuthula[g] nesi-
khathi sokukhuluma;[h]

**2:21** *Noma, "isabelo sakhe." **2:22** *NgesiHebheru, "nangokushikashikeka kwenhliziyo."

**3:4** *NgesiHebheru, "sokutshakadula; sokugxumagxuma."

ISAHL. 2
*a* Eks 1:8; Shu 1:11
*b* Shu 6:8; Rom 5:12
*c* 1Kh 19:2, 4; Jer 20:17, 18
*d* Job 7:6; Shu 2:21; Rom 8:20
*e* Shu 1:14; Shu 5:16
*f* Shu 2:4-8
*g* Hu 39:6; Luk 12:20
*h* 1Kh 12:6, 8; 2Kr 12:1, 9
*i* Shu 2:18; Shu 5:15, 16
*j* Shu 1:3; Shu 3:9
*k* Job 14:1, 2; Luk 12:29
*l* Gen 31:40, 41

Uhla 2
*a* Dut 12:18; Shu 3:22; Shu 8:15; IzE 14:17
*b* Shu 3:12, 13; Shu 5:18, 19
*c* 1Kh 4:7; 1Kh 4:22, 23; 1Kh 10:4, 5; 1Kh 10:21
*d* 1Sa 18:14; IzA 3:32, 33; Isay 3:10
*e* Dut 6:10, 11; IzA 13:22; IzA 28:8

ISAHL. 3
*f* 2Sa 3:31
*g* Hu 39:1
*h* 1Sa 19:4; 1Sa 25:23, 24; Est 4:13, 14; Hu 145:11; IzA 9:8

8 Isikhathi sokuthanda nesi-
khathi sokuzonda;[a]
Isikhathi sempi nesikhathi
sokuthula.

9 Isisebenzi sitholani ngayo
yonke imizamo yaso?[b] **10** Ngi-
wubonile umsebenzi uNkulu-
nkulu awunike amadodana
abantu ukuze awagcine ema-
tasa. **11** Wenze konke kwaba
kuhle* ngesikhathi sako.[c]
Uze wafaka ngisho nobupha-
kade ezinhliziyweni zawo; ko-
dwa abantu abasoze bawuthole
umsebenzi uNkulunkulu weqi-
niso awenzile kusukela ekuqa-
leni kuze kube sekugcineni.

**12** Ngiphethe ngokuthi aku-
kho lutho olungcono ngabo
kunokuba bajabule futhi be-
nze okuhle phakathi nokuphi-
la kwabo,[d] **13** nokuthi wonke
umuntu kufanele adle aphu-
ze futhi ajabule ngawo wonke
umsebenzi wakhe onzima. Ku-
yisipho sikaNkulunkulu.[e]

**14** Sengiyazi ukuthi konke
uNkulunkulu weqiniso akwe-
nzayo, kuyoba khona kuze
kube phakade. Akukho lutho
ongalunezela nongalususa ku-
kho. UNkulunkulu weqiniso
ukwenze ngale ndlela ukuze
abantu bamesabe.[f]

**15** Noma yini eyenzekayo
seyenzekile kakade, nalokho
okusazoba khona kuye kwaba
khona kakade;[g] kodwa uNku-
lunkulu weqiniso ufuna lokho
osekuye kwafunwa.*

**16** Ngibone nalokhu phansi
kwelanga: Esikhundleni sobu-
lungisa kwakukhona ukukho-
hlakala, esikhundleni sokulu-
nga kwakukhona ukukhohlaka-
la.[h] **17** Ngakho ngithe enhlizi-
yweni yami: "UNkulunkulu we-
qiniso uyokwahlulela olungi-
le nomubi,[a] ngoba kukhona isi-
khathi sawo wonke umsebenzi
nakho konke okwenziwayo."

**18** Ngabuye ngathi enhlizi-
yweni yami ngokuqondene na-
madodana abantu, uNkulunku-
lu weqiniso uyowavivinya awa-
bonise ukuthi afana nezilwa-
ne, **19** ngoba kukhona isiphe-
tho ngabantu nesiphetho nge-
zilwane; konke kunesiphetho
esifanayo.[b] Njengoba isilwane
sifa, nomuntu naye uyafa; ko-
nke kunomoya owodwa.[c] Nga-
kho umuntu akaphakeme nga-
phezu kwezilwane, ngoba ko-
nke kuyize. **20** Konke kuya
endaweni efanayo.[d] Konke ku-
vela othulini[e] futhi konke ku-
buyela othulini.[f] **21** Ubani
ngempela owaziyo ukuthi umo-
ya wabantu unyukela phezu-
lu yini noma cha, nokuthi
umoya wezilwane wehlela pha-
nsi emhlabeni yini noma cha?[g]
**22** Ngibonile nokuthi akukho
lutho olungcono ngaphezu ko-
kuba umuntu ajabule ngomse-
benzi wakhe,[h] ngoba lokho ku-
wumvuzo* wakhe; ngoba ubani
ongamenza abone lokho oku-
yokwenzeka lapho engasekho?[i]

**4** Ngaphinde nganaka zonke
izenzo zokucindezela eze-
nziwa phansi kwelanga. Nga-
bona izinyembezi zabacindeze-
lwayo, futhi babengenamdudu-
zi.[j] Ababacindezelayo babena-
mandla, kwakungekho mu-
ntu obaduduzayo. **2** Ngaba-
halalisela abantu abase be-
shonile kunalabo ababesaphi-
la.[k] **3** Ongcono kunabo boba-
bili yilowo ongakazalwa,[l] onga-
kaziboni izenzo ezicindezelayo
ezenziwa phansi kwelanga.[m]

**4** Ngibonile ukuthi ungaka-
nani umzamo* nomsebenzi wo-

**3:11** *Noma, "kwahleleka kahle; kwafaneleka." **3:15** *Noma kungaba, "kwadlula."

**3:22** *Noma, "kuyisabelo." **4:4** *Noma, "umsebenzi onzima."

ISAHL. 3
a Hu 139:21; Rom 12:9
b Shu 1:3; Shu 5:15, 16
c Gen 1:31; Rom 1:20
d Hu 37:3; 1Th 5:15
e Shu 5:18, 19; Isay 65:21, 22
f Jer 10:7; IsA 15:4
g Shu 1:9
h Hu 82:2; Hu 94:16, 21

Uhla 2
a Shu 12:14; IzE 17:31; Rom 2:5, 6
b Job 14:10; Hu 39:5; Hu 89:48
c Gen 7:22; Hu 104:29; Shu 12:7
d Shu 9:10
e Gen 2:7, 19
f Gen 3:19; Job 10:9
g Hu 146:3, 4; Shu 3:19; Shu 9:10
h Dut 12:7; Shu 5:18
i Job 14:21; Shu 6:12

ISAHL. 4
j Hu 69:20; Hu 142:4
k Job 3:17; Shu 2:17
l Jer 20:18
m Shu 1:14

bungcweti ovela ngenxa yo-
kubangisana kwabantu;[a] nalo-
khu futhi kuyize, ukugijimisa
umoya.
**5** Isiphukuphuku sigoqa iza-
ndla zaso kuyilapho umzimba
waso uwohloka.*[b]
**6** Kungcono ukuphumula
okuncane kunomsebenzi onzi-
ma omningi nokugijimisa
umoya.[c]
**7** Ngabe sengibuka esinye
isibonelo sento eyize phansi
kwelanga: **8** Kukhona umu-
ntu ongenabani, ongenamnga-
ni; akanandodana noma umfo-
wabo, kodwa wonke umsebe-
nzi wakhe onzima awupheli.
Amehlo akhe awaneliseki nge-
ngcebo.[d] Kodwa uyazibuza yini
ukuthi, 'Ubani engimsebenze-
la kanzima, engizincisha izinto
ezinhle ngenxa yakhe'?[e] Nalo-
khu futhi kuyize nomsebenzi
obanga usizi.[f]
**9** Ababili bangcono kunoye-
dwa[g] ngoba banomvuzo omu-
hle* ngomsebenzi wabo onzi-
ma. **10** Ngoba uma kuwa oye-
dwa, lo omunye angamvusa
umngani wakhe. Kodwa kuyo-
kwenzekani kulowo owayo ebe
engenamuntu ongamvusa?
**11** Ngaphezu kwalokho,
uma ababili belala ndawonye
bayofudumala, kodwa oyedwa
nje angahlala kanjani efudume-
le? **12** Oyedwa angase akwazi
ukuhlula umuntu oyedwa, ko-
dwa ababili uma bendawonye
bangakwazi ukumelana naye.
Nentambo enemicu emithathu
ayinakugqashulwa ngokushe-
sha.*
**13** Ingcono ingane eswe-
le kodwa ehlakaniphile kune-
nkosi endala kodwa eyisiphu-
kuphuku,[h] engasahlakaniphile
ngokwanele ukuba ilalele isi-
xwayiso.[a] **14** Ngoba iphume*
ejele ukuze ibe inkosi,[b] naku-
ba ebukhosini baleyo nkosi ya-
yizalwe ihlupheka.[c] **15** Ngiba-
bonile bonke abaphilayo aba-
hambahamba phansi kwela-
nga, ngabona nokuthi kumha-
mbela kanjani umuntu osem-
ncane ongena esikhundleni se-
nkosi. **16** Nakuba bengapheli
abamesekayo, labo abeza ka-
muva ngeke bajabule ngaye.[d]
Nalokhu futhi kuyize, ukugiji-
misa umoya.

**5** Qapha indlela ohamba nga-
yo noma nini lapho uya
endlini kaNkulunkulu weqi-
niso;[e] kungcono ukusondela
ukuze uzolalela[f] kunokunikela
ngomhlatshelo njengoba kwe-
nza iziphukuphuku,[g] ngoba
azazi ukuthi ezikwenzayo kubi.
**2** Ungasheshi ukhulume
noma uvumele inhliziyo ya-
kho ikhulume ngamawala pha-
mbi kukaNkulunkulu weqi-
niso,[h] ngoba uNkulunkulu
weqiniso usemazulwini ko-
dwa wena usemhlabeni. Yi-
ngakho amazwi akho kufane-
le abe mbalwa.[i] **3** Ngoba iphu-
pho liba khona ngenxa ye-
misebenzi eminingi,[j] nokulanda
okungapheli kwesiphukuphuku
kuba khona ngenxa yamazwi
amaningi.[k] **4** Noma nini lapho
wenza isifungo kuNkulunkulu,
ungephuzi ukusifeza,[l] ngoba
akajabuli ngeziphukuphuku.[m]
Feza isifungo sakho.[n] **5** Ku-
ngcono ungasenzi isifungo ku-
nokwenza isifungo kodwa unga-
sifezi.[o] **6** Ungavumeli umlomo
wakho ukuba ukwenze wone,[p]
futhi ungasho phambi kwe-
ngelosi* ukuthi kwakuyiphu-
tha.[q] Kungani uthukuthelisa

---

**4:5** *Noma, "uzaca." **4:9** *Noma, "omkhulu." **4:12** *Noma, "kalula."

**4:14** *Cishe kubhekiselwa enganeni ehlakaniphile. **5:6** *Noma, "kwesithunywa."

---

**ISAHL. 4**
*a* Gal 5:26
*b* IzA 6:10, 11; IzA 20:4
*c* Hu 37:16; IzA 15:16; IzA 16:8; IzA 17:1
*d* IzA 27:20; Shu 5:10
*e* Hu 39:6; Luk 12:18-20
*f* Shu 2:22, 23
*g* Gen 2:18; IzA 27:17
*h* IzA 19:1; IzA 28:6, 16

**Uhla 2**
*a* 1Kh 22:8; 2Kr 25:15, 16
*b* Gen 41:14, 40
*c* 2Sa 7:8; Job 5:11
*d* 2Sa 20:1

**ISAHL. 5**
*e* Hu 15:1, 2
*f* Dut 31:12; IzE 17:11
*g* 1Sa 13:12, 13; 1Sa 15:22; IzA 21:27; Isay 1:13; Hos 6:6
*h* Num 30:2; 1Sa 14:24
*i* IzA 10:19
*j* Mat 6:25, 34; Luk 12:18-20
*k* IzA 10:19; IzA 15:2
*l* Dut 23:21; Hu 76:11; Mat 5:33
*m* Shu 10:12
*n* Num 30:2; Hu 66:13
*o* Dut 23:22; IzA 20:25
*p* Hlu 11:35
*q* Lev 5:4

uNkulunkulu weqiniso ngalokho okushoyo kuze kudingeke abhidlize umsebenzi wezandla zakho?[a] **7** Ngoba njengoba nje imisebenzi eminingi yenza kube khona amaphupho,[b] namazwi amaningi aholela ezeni. Kodwa yesaba uNkulunkulu weqiniso.[c]

**8** Uma ubona noma yikuphi ukucindezelwa komuntu oswele nokuhlanekezelwa kobulungisa nokulunga esifundeni sakho,[d] kungakumangazi lokho. Ngoba leso sikhulu esiphakeme sibhekwe ophakeme kunaso, futhi kukhona nabanye abaphakeme kunabo.

**9** Inzuzo yomhlaba ihlukaniswe phakathi kwabo bonke; ngisho nezidingo zenkosi zinakekelwa ngomkhiqizo wensimu.[e]

**10** Umthandi wesiliva ngeke aneliswe isiliva, nomthandi wengcebo ngeke aneliswe umholo.[f] Nalokhu futhi kuyize.[g]

**11** Lapho izinto ezinhle ziba ziningi, bayanda nalabo abazidlayo.*[h] Umnikazi wazo uzuzani, ngaphandle kokuzibuka ngamehlo?[i]

**12** Bumnandi ubuthongo besisebenzi, kungakhathaliseki ukuthi sidla okuncane noma okuningi, kodwa inala yocebile ayimvumeli ukuba alale.

**13** Kukhona inhlekelele enkulu engiyibonile phansi kwelanga: ingcebo egcinwe umnikazi wayo elimaza yena ekugcineni. **14** Leyo ngcebo yalahleka ngenxa yomsebenzi ongaphumelelanga, futhi lapho ezala indodana, akabe esaba nalutho.[j]

**15** Njengoba nje umuntu aphuma engenalutho esibelethweni sikanina, kuyoba njalo nalapho efa.[k] Ngeke akwazi ukuhamba nalutho alusebenzele kanzima.[l]

**16** Nalokhu futhi kuyinhlekelele enkulu: Njengoba nje eza, uyohamba kanjalo futhi; utholani-ke lowo oqhubeka esebenzela umoya kanzima?[a] **17** Nsuku zonke udlela ebumnyameni ekhathazeke kakhulu, egula futhi enolaka.[b]

**18** Nakhu engikubone kukuhle futhi kufaneleka: ukuba umuntu adle aphuze futhi ajabule ngawo wonke umsebenzi wakhe onzima[c] awenza phansi kwelanga efukuza ngezinsukwana zokuphila kwakhe uNkulunkulu weqiniso amnike zona, ngoba lowo umvuzo* wakhe.[d] **19** Lapho uNkulunkulu weqiniso enika umuntu ingcebo[e] futhi emenza akwazi ukuyijabulela, kufanele athathe umvuzo* wakhe, ajabule ngomsebenzi wakhe onzima. Lesi isipho sikaNkulunkulu.[f] **20** Ngoba ngeke akunake* kakhulu ukudlula kwezinsuku zokuphila kwakhe, ngoba uNkulunkulu weqiniso uqhubeka emnika intokozo enhliziyweni yakhe.[g]

**6** Kukhona nenye inhlekelele engiyibonile phansi kwelanga futhi ivamile kubantu: **2** UNkulunkulu weqiniso unika umuntu ingcebo nodumo ukuze angasweli lutho alufisayo; nokho uNkulunkulu weqiniso akamenzi akwazi ukukujabulela, nakuba umuntu oyisihambi engase akujabulele. Lokhu kuyize nokuhlupheka okukhulu. **3** Uma umuntu engazala abantwana abayikhulu, aphile iminyaka eminingi aze aguge, kodwa angazijabuleli izinto zakhe ezinhle ngaphambi kokuba aye ethuneni,* mangisho ukuthi ingane ezalwe isishonile ingco-

ISAHL. 5
a Hu 127:1; Hag 1:11
b Shu 5:3
c Shu 12:13
d Shu 3:16
e 1Sa 8:11, 12; 1Kh 4:7; 2Kr 26:9, 10; Hla 8:11
f Shu 4:8
g Mat 6:24; Luk 12:15; 1Ti 6:10
h 1Kh 4:22, 23
i IzA 23:4, 5; 1Jo 2:16
j IzA 23:4, 5; Mat 6:19
k Job 1:21
l Hu 49:17; Luk 12:20; 1Ti 6:7

Uhla 2
a Mat 16:26; Joh 6:27
b 1Ti 6:10
c 1Kh 4:20
d Shu 2:24; Shu 3:22; Isay 65:21, 22
e 1Kh 3:12, 13; Job 42:12
f Dut 8:10; Shu 3:12, 13; 1Ti 6:17; Jak 1:17
g Dut 28:8; Hu 4:7

**5:11** *Noma, "abazisebenzisayo."

**5:18, 19** *Noma, "isabelo." **5:20** *Noma, "akukhumbule." **6:3** *Noma, "ithuna lingakabi elakhe."

no kakhulu kunaye.[a] 4 Ngoba
ukuzalwa kwayo bekuyize, yafe-
la ebumnyameni, negama layo
limbozwe ubumnyama. 5 Ngi-
sho noma ingakaze ilibone ila-
nga noma ingazanga lutho, ise-
ngcono kakhulu kunalowo mu-
ntu.[b] 6 Kunanzuzoni ukuphila
iminyaka eyizinkulungwane ezi-
mbili kodwa ungayitholi injabu-
lo? Abayi yini endaweni efanayo
bonke?[c]

7 Wonke umsebenzi onzi-
ma womuntu uwukuba agcwa-
lise isisu sakhe;[d] kodwa aka-
suthi. 8 Unanzuzoni ohlaka-
niphile kunoyisiphukuphuku,[e]
noma kuzuzisa ngani ukuthi
umuntu ohluphekayo uyakwazi
ukuziphilisa? 9 Kungcono
ukujabulela izinto amehlo azi-
bonayo kunokufisa izinto onge-
ke ube nazo. Nalokhu futhi ku-
yize, ukugijimisa umoya.

10 Noma yini ekhona isina-
lo kakade igama, futhi ku-
yaziwa ukuthi umuntu uyi-
ni; akakwazi ukuphikisana*
nomuntu onamandla kunaye.
11 Lapho kunamazwi* amani-
ngi, kukhona izinto eziningi
eziyize, futhi zimzuzisa nga-
ni umuntu? 12 Ubani owaziyo
ukuthi yini engcono kakhulu
ngomuntu ukuba ayenze pha-
kathi nezinsuku ezimbalwa zo-
kuphila kwakhe okuyize aku-
chitha njengethunzi?[f] Ngoba
ubani ongatshela umuntu uku-
thi yini ezokwenzeka phansi
kwelanga lapho engasekho?

**7** Igama elihle* lingcono ku-
namafutha amahle,[g] nosu-
ku lokufa lungcono kunosuku
lokuzalwa. 2 Kungcono uku-
ya endlini yokulila kunoku-
ya endlini yedili,[h] ngoba lo-
kho kuyisiphetho sawo wo-
nke umuntu; abaphilayo kufa-
nele bakufake enhliziyweni lo-
kho. 3 Kungcono ukukhatha-
zeka kunokuhleka,[a] ngoba ubu-
so obudabukile benza inhliziyo
ibe ngcono.[b] 4 Inhliziyo yaba-
hlakaniphile isendlini yokulila,
kodwa inhliziyo yeziphukuphu-
ku isendlini yokujabula.[c]

5 Kungcono ukulalela lapho
umuntu ohlakaniphile ekukhu-
za[d] kunokulalela ingoma yezi-
phukuphuku. 6 Ngoba njengo-
msindo wameva avutha ngapha-
nsi kwembiza, kunjalo ukuhleka
kwesiphukuphuku;[e] nalokhu fu-
thi kuyize. 7 Kodwa ukucinde-
zelwa kungenza ohlakaniphile
asangane, nesifumbathiso sona-
kalisa inhliziyo.[f]

8 Kungcono ukuphela kwe-
ndaba kunokuqala kwayo. Ku-
ngcono ukubekezela kunoku-
ba nomoya ozidlayo.[g] 9 Unga-
sheshi ukucasuka,[h] ngoba uku-
casuka kuhlala esifubeni sezi-
phukuphuku.*[i]

10 Ungasho ukuthi, "Kunga-
ni izinsuku zangaphambili za-
zingcono kunalezi?" ngoba usu-
ke ungahlakaniphile uma ubu-
za lokho.[j]

11 Ukuhlakanipha okuha-
mbisana nefa kuyinto enhle
newusizo kulabo ababona ila-
nga.* 12 Ngoba ukuhlakani-
pha kuyisivikelo[k] njengoba nje
nemali iyisivikelo,[l] kodwa inzu-
zo yolwazi yile: Ukuhlakanipha
kuyakulonda ukuphila komni-
niko.[m]

13 Cabanga ngomsebenzi ka-
Nkulunkulu weqiniso, ngo-
ba ubani okwazi ukuqondi-
sa lokho akwenze kwagwegwa?[n]
14 Ngosuku oluhle bonisa

**6:10** *Noma, "ukumela udaba lwakhe." **6:11** *Noma kungaba, "kunezinto." **7:1** *Noma, "Idumela elihle." NgesiHebheru, "Igama."

**7:9** *Noma kungaba, "kuwuphawu lwesiphukuphuku." **7:11** *Okuwukuthi, labo abaphilayo.

ISAHL. 6
a Shu 4:2, 3
b Job 3:11, 13; Job 14:1
c Job 30:23; Shu 3:20; Rom 5:12
d Gen 3:19; IzA 16:26
e Hu 49:10; Shu 2:15, 16
f 1Kr 29:15; Job 8:9; Job 14:1, 2; Hu 102:11

ISAHL. 7
g IzA 10:7; IzA 22:1; Isay 56:5; Luk 10:20
h Isay 5:11, 12

Uhla 2
a Hu 119:71; Luk 6:21
b 2Ko 7:10; Heb 12:11
c 1Sa 25:36; IzA 21:17
d Hu 141:5; IzA 15:31
e Shu 2:2
f Eks 23:8; Dut 16:19; 1Sa 8:1-3; IzA 17:23
g IzA 13:10; Jak 5:10; 1Pe 5:5
h IzA 16:32; Jak 1:19
i Gen 4:5; Est 5:9; IzA 14:17, 29; IzA 29:11
j Luk 9:62
k IzA 4:5, 6
l IzA 10:15
m IzA 3:13, 18; IzA 8:35; IzA 9:11
n Job 9:12; Isay 14:27

ubuhle,[a] kodwa ngosuku lwe-
nhlekelele khumbula* ukuthi
uNkulunkulu ulwenzile lolu nje-
ngoba enze naloluya,[b] ukuze
abantu bangaqiniseki# ngokuzo-
kwenzeka kubo esikhathini esi-
zayo.[c]
**15** Ngikubone konke ngezi-
nsuku zokuphila kwami oku-
yize[d]—kusukela kolungile osha-
balala ekulungeni kwakhe[e]
kuya komubi ophila isikhathi
eside naphezu kobubi bakhe.[f]
**16** Ungabi olunge ngokwe-
dlulele,[g] noma uzibonise uhla-
kaniphe ngokweqile.[h] Kungani
kufanele uzilethele inhlekele-
le?[i] **17** Ungabi mubi ngokwe-
dlulele, noma ube isiwula.[j] Ku-
ngani kufanele ufe kungaka-
bi isikhathi sakho?[k] **18** Kuhle
kakhulu ukubamba isixwayiso
sokuqala* kodwa ungasidedeli
nalesi sesibili;#[l] ngoba owesa-
ba uNkulunkulu uyozilalela zo-
mbili.
**19** Ukuhlakanipha kwenza
umuntu ohlakaniphile abe na-
mandla kunamadoda anama-
ndla ayishumi edolobheni.[m]
**20** Ngoba akekho umuntu olu-
ngile emhlabeni owenza oku-
hle njalo ongalokothi one.[n]
**21** Ungawafaki enhliziyweni
wonke amazwi abantu abawa-
shoyo;[o] ngaphandle kwalokho
ungase uzwe inceku yakho iku-
qalekisa;* **22** ngoba wazi ka-
hle enhliziyweni yakho ukuthi
nawe uye wabaqalekisa abanye
izikhathi eziningi.[p]
**23** Konke lokhu ngiye nga-
kuvivinya ngokuhlakanipha,
ngase ngithi: "Ngizohlakani-
pha." Kodwa ukuhlakanipha
kwakukude nami. **24** Lokho
okuye kwaba khona akufi-
nyeleleki futhi kujule ngokwe-
dlulele. Ubani ongakuqonda?[a]
**25** Ngaqondisa inhliziyo yami
ukuba yazi, ihlole futhi ifu-
ne ukuhlakanipha nezimbange-
la zezinto, nokuba iqonde ubu-
bi bobuphukuphuku nobuwu-
la balabo abenzisa okwezinhla-
nya.[b] **26** Ngabe sengithola lo-
khu: Into embi* kunokufa ngo-
wesifazane onjengenethi lo-
mzingeli, onenhliziyo enjenga-
manethi okudoba, nonezandla
ezinjengamaketanga asejele.
Umuntu ojabulisa uNkulunku-
lu weqiniso uyophunyuka kulo-
na wesifazane,[c] kodwa oyisoni
uyambamba.[d]
**27** "Bheka! Nakhu engiku-
tholile," kusho umshumayeli.[e]
"Ngihlole zonke izinto ukuze
ngifinyelele isiphetho, **28** ko-
dwa ebengilokhu ngikufuna,
angikakutholi. Kubantu abayi-
nkulungwane ngiyitholile indo-
da eyodwa eqotho, kodwa angi-
kamtholi owesifazane oqotho
phakathi kwabo. **29** Yilokhu
kuphela engikutholile: UNkulu-
nkulu weqiniso wenza abantu
baba qotho,[f] kodwa bona bala-
ndele awabo amacebo."[g]

**8** Ubani onjengomuntu ohla-
kaniphile? Ubani owazi isi-
sombululo senkinga?* Ukuhla-
kanipha komuntu kuyabonaka-
la ebusweni bakhe. Ubuso ba-
khe obuhwaqabele buyashi-
ntsha bujabule.
**2** Ngithi: "Lalela imiyalo ye-
nkosi[h] ngenxa yesifungo ose-
nze kuNkulunkulu.[i] **3** Unga-
jahi ukuphuma phambi kwa-
yo.[j] Ungayisekeli into embi;[k]
ngoba ingenza noma yini eyi-
thandayo, **4** ngoba izwi le-
nkosi yilo eligcinayo;[l] ubani
ongathi kuyo: 'Wenzani?' "

ISAHL. 7
a Jak 5:13
b Job 2:10; Isay 45:7
c IzA 27:1; Shu 9:11; Jak 4:13, 14
d Hu 39:5
e Gen 4:8; 1Sa 22:18
f Job 21:7; Hu 73:12
g Isay 65:5; Mat 6:1; Rom 10:3; Rom 14:10
h IzA 3:7; Rom 12:3
i IzA 16:18
j Hu 14:1; IzA 14:9
k Hu 55:23; IzA 10:27
l Fil 4:5
m IzA 21:22; IzA 24:5
n 2Kr 6:36; Hu 51:5; Rom 3:23; 1Jo 1:8
o 1Sa 24:9
p Jak 3:2, 8, 9

Uhla 2
a Hu 36:6; Hu 139:6; Isay 55:9; Rom 11:33
b Shu 1:17; Shu 2:12
c Gen 39:7-9
d IzA 5:3, 14; IzA 7:22, 23; IzA 22:14
e Shu 1:1
f Gen 1:26, 31
g Gen 3:6; Gen 6:12; Dut 32:5

ISAHL. 8
h IzA 24:21, 22; Rom 13:1; Tit 3:1; 1Pe 2:13
i 2Sa 5:3
j Shu 10:4
k 1Kh 1:5, 7; IzA 20:2
l 1Kh 2:24, 25

**7:14** *Noma, "qaphela." #Noma, "bangatholi lutho." **7:18** *Okuwukuthi, lesi esishiwo evesini 16. #Okuwukuthi, lesi esishiwo evesini 17. **7:21** *Noma, "ikhuluma kabi ngawe."

**7:26** *NgesiHebheru, "Okumunyu." **8:1** *Noma, "incazelo yendaba?"

**5** Ogcina umyalo ngeke
abhekane nenhlekelele,[a] ne-
nhliziyo ehlakaniphile iyosa-
zi isikhathi esifanele nenqu-
bo* efanele.[b] **6** Ngoba kukho-
na isikhathi nenqubo*[c] yazo
zonke izindaba, ngoba izinka-
thazo zabantu ziningi kakhulu.
**7** Njengoba kungekho owaziyo
ukuthi kuyokwenzekani, ubani
ongamtshela ukuthi kuyokwe-
nzeka kanjani?

**8** Njengoba nje kungekho
muntu onamandla ngaphezu
komoya* noma ongawuvimba,
akekho onamandla okumelana
nosuku lokufa.[d] Njengoba nje
kungekho muntu okhululwayo
empini, nobubi ngeke bubavu-
mele abenzi bokubi ukuba ba-
phunyuke.#

**9** Konke lokhu ngikubonile,
ngagxilisa inhliziyo yami kuwo
wonke umsebenzi oye wenziwa
phansi kwelanga, phakathi ne-
sikhathi umuntu abuse ngaso
omunye umuntu kwaba ukuli-
mala kwakhe.[e] **10** Ngibaboni-
le ababi bengcwatshwa, labo
ababengena bephuma endawe-
ni engcwele, kodwa balitsha-
lwa ngokushesha edolobheni
ababekwenza kulo lokho.[f] Na-
lokhu futhi kuyize.

**11** Ngenxa yokuthi isigwe-
bo sesenzo esibi asikhishwa-
nga ngokushesha,[g] inhliziyo ya-
bantu iba nesibindi sokwenza
okubi.[h] **12** Nakuba isoni si-
ngenza okubi kayikhulu kodwa
siqhubeke siphila isikhathi esi-
de, ngiyaqaphela ukuthi kuyo-
bahambela kahle labo abesaba
uNkulunkulu weqiniso, ngoba
bayamesaba.[i] **13** Kodwa nge-
ke kumhambele kahle omubi,[j]
ngeke azelule izinsuku zakhe
ezinjengethunzi[a] ngoba akame-
sabi uNkulunkulu.

**14** Kukhona into eyize* eye-
nzeka emhlabeni: Kunabantu
abalungile abaphathwa njengo-
kungathi benza okubi,[b] fu-
thi kukhona abantu ababi aba-
phathwa njengokungathi benza
okulungile.[c] Ngithi nalokhu fu-
thi kuyize.

**15** Ngakho ngathi makuja-
tshulwe,[d] ngoba akukho lutho
olungcono ngomuntu ngapha-
nsi kwelanga kunokuba adle
aphuze ajabule; lokhu kufane-
le akwenze njengoba esebenza
kanzima ngezinsuku zokuphila
kwakhe,[e] uNkulunkulu weqini-
so amnika zona phansi kwela-
nga.

**16** Ngenza inhliziyo yami ya-
gxila ekutholeni ukuhlakani-
pha nokuba ngibone wonke
umsebenzi owenziwa emhlabe-
ni,[f] ngaze ngangalala ubusuku
nemini.* **17** Ngabe sengicaba-
nga ngawo wonke umsebenzi
kaNkulunkulu weqiniso, nga-
bona ukuthi abantu ngeke ba-
kuqonde okwenzeka phansi
kwelanga.[g] Noma abantu ba-
ngazama kanzima kangakana-
ni, ngeke bakuqonde. Ngisho
noma bethi bahlakaniphe ngo-
kwanele ukuba bazi, ngeke ba-
kwazi ukukuqonda.[h]

**9** Ngakho ngakufaka enhlizi-
yweni konke lokhu, nga-
phetha ngokuthi abalungile na-
bahlakaniphile kanye nemise-
benzi yabo basezandleni zika-
Nkulunkulu weqiniso.[i] Abantu
abaluqapheli uthando nenzo-
ndo okwaba khona ngaphambi
kwabo. **2** Bonke banesiphe-
tho esifanayo,[j] olungile nomu-
bi,[k] omuhle nohlanzekile no-
ngahlanzekile, labo abenza

ISAHL. 8
a Rom 13:5; 1Pe 3:13
b 1Sa 24:12, 13; 1Sa 26:8-10; Hu 37:7
c Shu 3:17
d Hu 89:48
e Eks 1:13, 14; Mik 7:3
f IzA 10:7
g Hu 10:4, 6
h 1Sa 2:22, 23
i Hu 34:9; Hu 103:13; Hu 112:1; Isay 3:10; 2Pe 2:9
j Hu 37:10; Isay 57:21

Uhla 2
a Job 24:24
b Shu 7:15
c Hu 37:7; Hu 73:12
d Hu 100:2
e Shu 2:24; Shu 3:12, 13
f Shu 1:13; Shu 7:25
g Shu 3:11; Rom 11:33
h Job 28:12; Shu 7:24; Shu 11:5

ISAHL. 9
i Dut 33:3; 1Sa 2:9; Hu 37:5
j Shu 5:15
k Shu 8:10

**8:5, 6** *Noma, "nokwahlulela." **8:8** *Noma, "komoya ophefumulwayo; komoya ovunguzayo." #Noma kungaba, "nobubi babo ngeke bubasindise ababi."

**8:14** *Noma, "ecasulayo." **8:16** *Noma kungaba, "abantu baze bangalali emini noma ebusuku."

umhlatshelo nalabo abangawenzi. Omuhle uyafana nesoni; owenza isifungo uyafana nalowo ongaxhamazeli ekwenzeni isifungo. **3** Lena yinto ecindezelayo eyenzeka phansi kwelanga: Ngenxa yokuthi bonke banesiphetho esifanayo,[a] izinhliziyo zabantu zigcwele ububi; kukhona ukuhlanya ezinhliziyweni zabo phakathi nokuphila kwabo, bese beyafa!

**4** Kukhona ithemba nganoma ubani ophakathi kwabaphilayo, ngoba inja ephilayo ingcono kakhulu kunebhubesi elifile.[b] **5** Ngoba abaphilayo bayazi* ukuthi bayokufa,[c] kodwa abafile bona abazi lutho,[d] futhi abasenawo umvuzo, ngoba ukukhunjulwa kwabo sekulibalekile.[e] **6** Uthando lwabo nenzondo yabo nomhawu wabo sekushabalele kakade, abasenaso isabelo ezintweni ezenziwa phansi kwelanga.[f]

**7** Hamba, udle ukudla kwakho ngokujabula, uphuze iwayini lakho ngenhliziyo ejabulayo,[g] ngoba kakade uNkulunkulu weqiniso uyijabulele imisebenzi yakho.[h] **8** Kwangathi izingubo zakho zingahlale zimhlophe,* ungayeki ukugcoba amafutha ekhanda lakho.[i] **9** Jabulela ukuphila nomfazi wakho omthandayo[j] zonke izinsuku zokuphila kwakho okuyize uNkulunkulu akunike zona phansi kwelanga, zonke izinsuku zakho eziyize, ngoba lowo umvuzo* wakho ekuphileni nasemsebenzini wakho onzima owenza kanzima phansi kwelanga.[k] **10** Noma yini okwazi ukuyenza, yenze ngawo wonke amandla akho, ngoba akukho msebenzi namacebo nalwazi nakuhlakanipha eThuneni,*[a] indawo oya kuyo.

**11** Kunokunye futhi engikubonile phansi kwelanga, ukuthi abanejubane abaphumeleli njalo emncintiswaneni, nabanamandla abanqobi njalo empini,[b] nabahlakaniphile ababi nokudla njalo, nongqondongqondo ababi nengcebo njalo,[c] nalabo abanolwazi abaphumeleli njalo[d] ngoba isikhathi nezenzakalo ezingalindelekile zibehlela bonke. **12** Ngoba umuntu akasazi isikhathi sakhe.[e] Njengoba nje izinhlanzi zibanjwa inethi elibi, nezinyoni zibanjwa isicupho, kanjalo namadodana abantu abanjwa isikhathi senhlekelele, lapho siwafica kungazelelwe.

**13** Ngabona nalokhu ngokuqondene nokuhlakanipha phansi kwelanga—futhi kwangihlaba umxhwele: **14** Kwakukhona idolobha elincane elinamadoda ambalwa; kwafika inkosi enamandla yamelana nalo, yalihaqa yakha izinqaba ezinkulu ukuze ilwe nalo. **15** Kulo kwatholakala umuntu ohluphekayo kodwa ohlakaniphile, walisindisa idolobha ngokuhlakanipha kwakhe. Kodwa akukho muntu owamkhumbula lowo muntu ohluphekayo.[f] **16** Ngathi enhliziyweni yami: “Ukuhlakanipha kungcono kunamandla;[g] nokho ukuhlakanipha komuntu ohluphekayo kuyadelelwa, namazwi akhe awalalelwa.”[h]

**17** Kungcono ukulalela amazwi azolile abahlakaniphile kunokulalela ukumemeza komuntu obusa phakathi kweziphukuphuku.

ISAHL. 9
*a* Job 3:17-19; Shu 2:15
*b* Isay 38:19
*c* Gen 3:19; Rom 5:12
*d* Hu 88:10; Hu 115:17; Hu 146:4; Isay 38:18; Joh 11:11
*e* Job 7:9, 10; Shu 2:16
*f* Shu 9:10
*g* Dut 12:7; Hu 104:15; Shu 2:24
*h* Dut 16:15; IzE 14:17
*i* Dan 10:2, 3
*j* IzA 5:18
*k* Shu 5:18

Uhla 2
*a* Hu 115:17; Hu 146:3, 4; Isay 38:18
*b* 1Sa 17:50; Hu 33:16
*c* Shu 2:15
*d* 2Sa 17:23
*e* Shu 8:8; Jak 4:13, 14
*f* Shu 9:11
*g* IzA 21:22; IzA 24:5; Shu 7:12, 19; Shu 9:18
*h* Mar 6:3; 1Ko 2:8

**9:5** *Noma, “bayaqaphela.” **9:8** *Okuwukuthi, izingubo ezigqamile ezibonisa ukujabula, hhayi izingubo zokulila. **9:9** *Noma, “isabelo.”

**9:10** *Noma, “eShiyoli,” okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

18 Ukuhlakanipha kungco-
no kunezikhali zempi, kodwa
isoni esisodwa nje kuphela si-
ngenza umonakalo omkhulu
kokuhle.[a]

10 Njengoba nje izimpukane
ezifile zenza amafutha
omenzi wamakha anuke kabi
futhi abe namagwebu, kanjalo
nobuwula obuncane bonakali-
sa igama elihle lomuntu obhe-
kwa njengohlakaniphile nohlo-
nishwayo.[b]
2 Inhliziyo yohlakaniphile
imholela endleleni efanele, ko-
dwa inhliziyo yesiphukuphuku
isiholela endleleni engafanele.[c]
3 Kunoma iyiphi indlela isiwu-
la esihamba ngayo, sintula
ukuhlakanipha*[d] futhi senza
wonke umuntu azi ukuthi siyi-
siwula.[e]
4 Uma kwenzeka umbusi
ekuthukuthelela, ungayishiyi
indawo yakho,[f] ngoba ukuzola
kudambisa izono ezinkulu.[g]
5 Kukhona into ecindezela-
yo engiyibonile phansi kwela-
nga, iphutha elenziwa yilabo
abasezikhundleni:[h] 6 Ubuwu-
la bubekwa ezikhundleni ezi-
ningi eziphakeme, kodwa aba-
khaliphile* baqhubeka besezi-
khundleni eziphansi.
7 Ngibone izinceku zigibe-
le amahhashi kodwa izikhulu
zihamba ngezinyawo njengezi-
nceku.[i]
8 Omba umgodi angase
awele kuwo;[j] nobhodloza udo-
nga lwamatshe angase alunywe
inyoka.
9 Oqhephula amatshe anga-
se alimale, nocanda izinkuni
angase azichaye engozini.*
10 Uma ithuluzi lensimbi li-
buthuntu futhi umuntu enga-
liloli, kuyodingeka asebenzi-
se amandla amaningi. Kodwa
ukuhlakanipha kusiza umuntu
aphumelele.
11 Uma inyoka iluma lapho
ingakathwebuleki, ayikho inzu-
zo kulowo oyithwebulayo one-
khono.
12 Amazwi avela emlonyeni
wohlakaniphile ayajabulisa,[a] ko-
dwa izindebe zesiphukuphuku
ziyasilimaza.[b] 13 Amazwi oku-
qala aphuma emlonyeni waso
awubuwula,[c] amazwi aso oku-
gcina awukuhlanya okubange-
la inhlekelele. 14 Kodwa isiwu-
la siyaqhubeka sikhuluma.[d]
Umuntu akakwazi okuyo-
kwenzeka; ubani ongamtshela
ukuthi yini ezokwenzeka lapho
engasekho?[e]
15 Umsebenzi onzima we-
siphukuphuku uyasikhathaza,
ngoba asikwazi ngisho noku-
thola indlela eya edolobheni.
16 Yeka indlela okukubi
ngayo ezweni uma inkosi ingu-
mfana,[f] nezikhulu ziqala uku-
dla ekuseni! 17 Yeka indlela
izwe elijabula ngayo uma inko-
si iyindodana yezicukuthwa-
ne nezikhulu zidla ngesikhathi
esifanele ukuze zithole ama-
ndla, hhayi ngenjongo yokuda-
kwa![g]
18 Ngenxa yobuvila obukhu-
lu uphahla luyawa, nangenxa
yezandla ezivilaphayo indlu
iyavuza.[h]
19 Isinkwa* senzelwe ukwe-
nza abantu bajabule,# newayini
lenza ukuphila kube mnandi;[i]
kodwa imali yanelisa zonke izi-
dingo.[j]
20 Ngisho nasemicabangwe-
ni* yakho ungayiqalekisi#
inkosi,[k] nesicebi ungasiqaleki-
si ekamelweni lakho lokulala;

10:3 *NgesiHebheru, "inhliziyo yaso iyantula." 10:6 *NgesiHebheru, "abacebile." 10:9 *Noma kungaba, "kufanele aqaphelisise."

10:19 *Noma, "Ukudla." #Noma, "bahleke." 10:20 *Noma kungaba, "nasembhedeni." #Noma, "ungakhulumi kabi."

ISAHL. 9
a Jos 22:20; 1Ko 5:6; Heb 12:15

ISAHL. 10
b Num 20:10, 12; 2Sa 12:9-11
c IzA 14:8; IzA 17:16
d IzA 10:23
e IzA 13:16; IzA 18:7
f Shu 8:2, 3
g 1Sa 25:23, 24; IzA 25:15
h 1Sa 26:21; 1Kh 12:13, 14
i IzA 30:21-23
j IzA 26:27

Uhla 2
a 1Kh 10:6, 8; Hu 37:30; Luk 4:22; Efe 4:29
b Hu 64:2, 8; IzA 10:14, 21; IzA 14:3
c 1Sa 25:10, 11
d IzA 10:19; IzA 15:2
e IzA 27:1; Shu 6:12; Jak 4:13, 14
f 2Kr 13:7; 2Kr 36:9
g IzA 31:4, 5
h IzA 21:25; IzA 24:33, 34
i Hu 104:15; Shu 9:7
j Shu 7:12
k Eks 22:28

ngoba inyoni* ingase ikudluli-
se okushilo# noma isidalwa esi-
namaphiko singase sikuphinde
okushiwo.

**11** Phonsa isinkwa sakho
emanzini,[a] ngoba uyophi-
nde usithole ngemva kwezinsu-
ku eziningi.[b] **2** Yipha* abantu
abayisikhombisa noma ngisho
abangu-8,[c] ngoba awazi ukuthi
iyiphi inhlekelele eyoba khona
emhlabeni.

**3** Uma amafu egcwele ama-
nzi, ayokwehlisa imvula em-
hlabeni; uma isihlahla siwe-
la eningizimu noma enyakatho,
endaweni esiwela kuyo yilapho
esiyolala khona.

**4** Obheka umoya ngeke
ahlwanyele mbewu, nalowo
obheka amafu ngeke avune.[d]

**5** Njengoba nje ungazi uku-
thi umoya usebenza kanjani
emathanjeni osana olusesiswi-
ni* sowesifazane okhulelwe,[e]
awuwazi nomsebenzi kaNkulu-
nkulu weqiniso, owenza zonke
izinto.[f]

**6** Hlwanyela imbewu yakho
ekuseni, ungasivumeli isandla
sakho siphumule kuze kube
kusihlwa;[g] ngoba awazi ukuthi
iyiphi eyohluma, ukuthi yilena
noma yileya, noma ukuthi ziyo-
hluma zombili yini.

**7** Kumnandi ukukhanya, ku-
hle nokuthi amehlo abone ila-
nga. **8** Ngoba uma umuntu
ephila iminyaka eminingi, ma-
kayijabulele yonke.[h] Kodwa ku-
fanele akhumbule ukuthi izi-
nsuku zobumnyama zingase
zibe ziningi; konke okuzola-
ndela kuyize.[i]

**9** Jabula nsizwa ebusheni
bakho, inhliziyo yakho mayija-
bule ezinsukwini zobusha ba-
kho. Hamba ezindleleni zenhli-
ziyo yakho, uye lapho ame-
hlo akho ekuholela khona; ko-
dwa yazi* ukuthi uNkulunku-
lu weqiniso uyokwahlulela#
ngenxa yazo zonke lezi zi-
nto.[a] **10** Ngakho khipha uku-
khathazeka enhliziyweni ya-
kho, ugweme izinto ezilima-
zayo emzimbeni wakho, ngo-
ba ubusha nobungqabavu bo-
kuphila kuyize.[b]

**12** Ngenxa yalokho, khu-
mbula uMdali wakho Om-
khulu ezinsukwini zobusha ba-
kho,[c] ngaphambi kokuba kufi-
ke izinsuku zosizi*[d] nemi-
nyaka oyothi ngayo: "Angiku-
jabuleli ukuphila"; **2** ngapha-
mbi kokuba ilanga nokukha-
nya nenyanga nezinkanyezi
kube mnyama,[e] nangaphambi
kokuba amafu alethe imvula;*
**3** mhla onogada bendlu beba
netwetwe,* namadoda anama-
ndla eba buthaka, nabesifa-
zane beyeka ukugaya ngo-
ba sebembalwa, nezintokazi
ezibuka ngaphandle emafasite-
leni zithola kumnyama;[f] **4** la-
pho iminyango eya emgwaqwe-
ni isivaliwe, lapho umsindo wo-
kugaya uncipha, lapho umu-
ntu evuswa umsindo wenyoni,
nazo zonke izintombi ezihla-
belelayo sezizwakalela phansi.[g]
**5** Umuntu usesaba nezindawo
eziphakeme, kukhona nezinto
ezithusayo esitaladini. Isihla-
hla som-alimondi siyaqhakaza,[h]
nentethe iyazihudula, nama-
khephabheri ayaqhuma ngoba
umuntu useya endlini azophu-
mula kuyo isikhathi eside,[i] na-
balilayo bazulazula esitaladini;[j]

10:20 *NgesiHebheru, "isidalwa esindizayo samazulu." #Noma, "umyalezo." **11:2** *Noma, "Yabela." **11:5** *NgesiHebheru, "emathanjeni esibeletho."

**11:9** *Noma, "khumbula; ungakhohlwa." #Noma, "uyokwenza ulandise." **12:1** *Noma, "eziyinhlekelele." **12:2** *Noma kungaba, "eze nemvula." **12:3** *Noma, "beqhaqhazela."

ISAHL. 11
a IzA 22:9
b Dut 15:10, 11; IzA 19:17; Luk 14:13, 14; Heb 6:10
c Hu 37:21; Luk 6:38; 2Ko 9:7; 1Ti 6:18
d IzA 20:4
e Hu 139:15
f Job 26:14; Hu 40:5; Shu 8:17; Rom 11:33
g Shu 9:10; 2Ko 9:6; Kol 3:23
h Shu 5:18; Shu 8:15
i Shu 12:1

Uhla 2
a Shu 3:17; Shu 12:14; Rom 2:6
b Hu 25:7; 2Ti 2:22

ISAHL. 12
c Hu 71:17; Hu 148:7, 12; Luk 2:48, 49; 2Ti 3:15
d Hu 90:10
e 1Sa 4:15
f Gen 48:10
g 2Sa 19:34, 35
h IzA 16:31
i Job 30:23; Shu 9:10
j Gen 50:7, 10

**6** ngaphambi kokuba intambo
yesiliva isuswe, nesitsha sego-
lide siphihlizwe, nembiza ese-
siphethwini ife, nesondo loku-
kha amanzi emthonjeni liphi-
hlike. **7** Uthuli lube selubuye-
la emhlabeni,[a] njengoba nje
kwakunjalo, nomoya* ubuyele
kuNkulunkulu weqiniso owa-
wunikeza.[b]

**8** "Yize leze!" kusho umshu-
mayeli.[c] "Konke kuyize."[d]

**9** Umshumayeli akagcina-
nga nje ngokuba ohlakaniphi-
le, kodwa waqhubeka efundi-
sa abantu lokho ayekwazi,[e] wa-
zindla futhi wafunisisa uku-
ze ahlanganise* izaga eziningi.[f]
**10** Umshumayeli wafuna uku-
thola amazwi ajabulisayo[g] no-
kuloba amazwi eqiniso ane-
mbile.

**11** Amazwi abahlakaniphile
anjengezinkandi,*[a] nezinkulu-
mo zabo ezikhethwe kahle zi-
njengezipikili ezishayelwe zaqi-
na; ashiwo evela kumalusi oye-
dwa. **12** Ngokuqondene nano-
ma yini enye ngaphandle kwa-
lokhu, ndodana yami, lalela
nasi isixwayiso: Ukwenza izi-
ncwadi eziningi akupheli, no-
kuzinikela kakhulu kuzo kuya-
yikhathaza inyama.[b]

**13** Isiphetho sendaba, nje-
ngoba sekuzwakele konke, yi-
lesi: Yesaba uNkulunkulu we-
qiniso[c] ugcine imiyalo yakhe,[d]
ngoba lokhu kuyiso sonke
isibopho somuntu.[e] **14** Ngoba
uNkulunkulu weqiniso uyokwa-
hlulela yonke imisebenzi, ku-
hlanganise nakho konke okufi-
hliwe, ukuthi kuhle yini noma
kubi.[f]

**ISAHL. 12**

a Gen 3:19; Hu 146:4
b Gen 2:7; Job 27:3; Job 34:14, 15; Hu 104:29; Isay 42:5
c 1Kh 8:1
d Shu 1:2, 14
e 1Kh 10:1, 3; 1Kh 10:6, 8
f 1Kh 4:29, 32; IzA 1:1
g IzA 16:24; IzA 25:11

**Uhla 2**

a IzE 2:37; Heb 4:12
b Shu 1:18
c Job 28:28; Hu 111:10; IzA 1:7
d 1Jo 5:3
e Dut 6:1, 2; Dut 10:12
f Hu 62:12; Shu 11:9; Mat 12:36, 37; IzE 17:31; 2Ko 5:10; 1Ti 5:24

**12:7** *Noma, "namandla okuphila."
**12:9** *Noma, "ahlele ngononina."
**12:11** *Noma, "anjengezinduku zokuqondisa."

# ISIHLABELELO SEZIHLABELELO

**UHLU LOKUPHAKATHI**

INTOMBAZANE ENGUMSHULAMITI EKAMU LENKOSI USOLOMONI (1:1–3:5)

1 Isihlabelelo sezihlabelelo (1)
  Intombi (2-7)
  Amadodakazi aseJerusalema (8)
  Inkosi (9-11)
    "Sizokwenzela imihlobiso yegolide" (11)
  Intombi (12-14)
    "Isithandwa sami sinjengesikhwama semure" (13)
  Umalusi (15)
    "Umuhle sithandwa sami"
  Intombi (16, 17)
    "Umuhle sithandwa sami" (16)

2 Intombi (1)
    "Ngiyimbali nje"
  Umalusi (2)
    'Isithandwa sami sinjengembali'
  Intombi (3-14)
    "Ningazami ukuvusa uthando kimi luze luzivukele lona" (7)
    Kucashunwa umalusi (10b-14)
      "Hamba nami, simomondiya sami" (10b, 13)
  Abafowabo bentombi (15)
    "Sibambeleni izimpungushe"
  Intombi (16, 17)

“Isithandwa sami singesami nami ngingowaso” (16)

3 Intombi (1-5)
‘Ebusuku, ngamfuna lowo engimthandayo’ (1)

UMSHULAMITI EJERUSALEMA (3:6–8:4)

3 Amadodakazi aseZiyoni (6-11)
Udwendwe lukaSolomoni

4 Umalusi (1-5)
‘Umuhle sithandwa sami’ (1)
Intombi (6)
Umalusi (7-16a)
‘Uyithathile inhliziyo yami makoti wami’ (9)
Intombi (16b)

5 Umalusi (1a)
Abesifazane baseJerusalema (1b)
‘Dakwani izenzo zothando!’
Intombi (2-8)
Ulandisa iphupho lakhe
Amadodakazi aseJerusalema (9)
“Isithandwa sakho singcono ngani kwezinye izithandwa?”
Intombi (10-16)
“Sigqamile phakathi kwabayizinkulungwane eziyishumi” (10)

6 Amadodakazi aseJerusalema (1)
Intombi (2, 3)
“Ngingowesithandwa sami, nesithandwa sami singesami” (3)
Inkosi (4-10)
“Umuhle njengeTiriza” (4)
Kucashunwa abesifazane (10)
Intombi (11, 12)
Inkosi (nabanye) (13a)
Intombi (13b)
Inkosi (nabanye) (13c)

7 Inkosi (1-9a)
‘Yeka ukuthi umnandi kangakanani sithandwa sami’ (6)
Intombi (9b-13)
“Ngingowesithandwa sami, isithandwa sami siyangifisa” (10)

8 Intombi (1-4)
“Ukube nje ubunjengomfowethu” (1)

UMSHULAMITI UYABUYA, UBUQOTHO BAKHE BUBONAKELE (8:5-14)

8 Abafowabo bentombi (5a)
‘Ubani lona oncike esithandweni sakhe?’
Intombi (5b-7)
“Uthando lunamandla njengokufa” (6)
Abafowabo bentombi (8, 9)
“Uma eludonga, . . . kodwa uma eyisicabha, . . . ” (9)
Intombi (10-12)
“Ngiludonga” (10)
Umalusi (13)
‘Ake ngizwe izwi lakho’
Intombi (14)
“Usheshe njengenyamazane”

---

**1** Isihlabelelo sezihlabelelo,* esingesikaSolomoni:[a]
**2** “Kwangathi ungangiqabula ngomlomo wakho,
Ngoba indlela obonisa ngayo uthando ingcono kunewayini.[b]
**3** Amafutha akho anephunga elimnandi.[c]
Igama lakho linjengamafutha anuka kamnandi athululwayo.[d]
Yingakho izintombi zikuthanda.
**4** Ngithathe ngihambe nawe;*
masigijime.
Inkosi ingingenise emakamelweni ayo angaphakathi!
Masijabule sithokoze ndawonye.
Masikhulume# ngothando lwakho ngami, uthando lwakho lungcono kunewayini.
Bakuthanda△ kufanele.

ISAHL. 1
a 1Kh 4:29, 32
b Hla 4:10
c IzA 27:9; Shu 9:8; Hla 5:5
d Shu 7:1

1:1 *Noma, “Ingoma enhle kakhulu.”

1:4 *NgesiHebheru, “Ngidonse ngikulandele.” #Noma, “Masixoxe.” △Okuwukuthi, izintombi.

5 Ngimnyama kodwa ngimuhle, O madodakazi aseJerusalema,
Njengamatende aseKhedari,[a] njengezindwangu zamatende[b] kaSolomoni.
6 Ningangigqolozeli ngoba ngimnyama,
Ngoba ngishiswe ilanga.
Amadodana kamama ayengithukuthelele;
Angimisa ukuba ngibe umlindi wamasimu amagilebhisi,
Kodwa angibanga umlindi kweyami insimu yamagilebhisi.
7 Wena engikuthanda kakhulu ngitshele,
Ukuthi udla kuphi umhlambi wakho,[c]
Ukuthi uwulalisa kuphi emini.
Kungani kufanele ngibe njengowesifazane ozimboze ubuso*
Phakathi kwemihlambi yabangani bakho?"
8 "Wena omuhle kakhulu phakathi kwabesifazane, uma ungazi,
Hamba ulandele imikhondo* yomhlambi
Weluse amazinyane akho ezimbuzi eduze kwamatende abelusi."
9 "Sithandwa sami, ngikufanisa nehhashi* lensikazi eliphakathi kwezinqola zikaFaro.[d]
10 Izihlathi zakho zinhle njengoba ufake ubucwebe,*
Nentamo yakho inemigexo yobuhlalu.

1:7 *Noma, "ngendwangu egqokwa abalilayo." 1:8 *Noma, "ezinyathelweni." 1:9 *Noma, "nehhashi lami." 1:10 *Noma kungaba, "phakathi kwamagoda ezinwele."

ISAHL. 1
a Hu 120:5
Hez 27:21
b Eks 36:14
c Hla 6:3
d 1Kh 10:28
2Kr 1:16, 17
Hla 6:4

Uhla 2
a Hla 4:13, 14
b Eks 30:23, 25
Est 2:12
Hu 45:8
Hla 4:6
Hla 5:13
c Hla 4:13
d Jos 15:20, 62
1Sa 23:29
2Kr 20:2
e Hla 4:1
Hla 5:2
f Hla 5:10

ISAHL. 2
g Hla 2:16

11 Sizokwenzela imihlobiso* yegolide
Efakwe isiliva."
12 "Njengoba inkosi ihleli etafuleni layo eliyisiyingi,
Amakha ami[a] akhipha iphunga elimnandi.
13 Isithandwa sami sinjengesikhwama semure kimi[b]
Sichitha ubusuku bonke sisemabeleni ami.
14 Isithandwa sami sinjengesitshalo esinuka kamnandi kimi*[c]
Phakathi kwamasimu amagilebhisi ase-Eni-gedi."[d]
15 "Waze wamuhle sithandwa sami.
Ave umuhle! Amehlo akho awamajuba."[e]
16 "Lalela! Umuhle sithandwa sami futhi umnandi.[f]
Umbhede wethu uphakathi kwamahlamvu.
17 Izingodo zendlu yethu* ezomsedari,
Uphahla lwethu olwezihlahla zomjunipha.

2 "Ngiyimbali nje yasendle* yasethafeni elingasogwini,
Imbali evamile# yasezigodini."[g]
2 "Njengembali phakathi kwameva
Sinjalo isithandwa sami phakathi kwezintombi."
3 "Njengesihlahla sama-apula phakathi kwezihlahla zehlathi,
Sinjalo isithandwa sami phakathi kwezinsizwa.
Ngifisa kakhulu ukuhlala emthunzini waso,
Isithelo saso simnandi kimi.
4 Sangingenisa endlini yedili,*

1:11 *Noma, "imiqhele." 1:14 *Noma, "sinjengehena." 1:17 *Noma, "yethu enhle." 2:1 *NgesiHebheru, "Ngiyisafroni nje." #Noma, "Umnduze." 2:4 *NgesiHebheru, "yewayini."

Bonke babebona ukuthi si-
yangithanda.
5 Nginikeni amakhekhe enzi-
we ngamagilebhisi omisi-
we ukuze ngiqabuleke;[a]
Ngipheni ama-apula ngidle,
Ngoba ngiyafa uthando.
6 Isandla saso sobunxele si-
ngaphansi kwekhanda
lami,
Isandla saso sokudla singi-
bambile.[b]
7 Ngiyanifungisa madodakazi
aseJerusalema,
Ngobuhle bezinyamazane[c]
nobezinyamazane zezinsi-
kazi zasendle:
Ningazami ukuvusa uthando
kimi luze luzivukele lona.[d]
8 Ngiyasizwa isithandwa sami
njengoba siza!
Nasi siza,
Siqombola izintaba, sigxu-
magxuma emagqumeni.
9 Isithandwa sami sifana ne-
nyamazane, inyamazane
encane.[e]
Nasiya, simi ngemva kodo-
nga,
Silunguza ngamafasitela,
Sibuka ngamafasitela.
10 Isithandwa sami sithi kimi:
'Vuka mntakwethu,
Hamba nami, simomondiya
sami.
11 Bheka! Ubusika* budlulile.
Izimvula azisekho.
12 Kuvele izimbali ezweni,[f]
Isikhathi sokuthena izihla-
hla zamagilebhisi sesifi-
kile,[g]
Nengoma yehobhe izwakele
ezweni lakithi.[h]
13 Esihlahleni somkhiwane
amakhiwane amile kuqala
asevuthiwe;[i]
Izihlahla zamagilebhisi ziya-
qhakaza zikhipha iphunga
elimnandi.
Vuka sthandwa sami, woza.
Simomondiya sami, woza si-
hambe.
14 O juba lami, emiphemeni ye-
dwala,[a]
Ezindaweni ezicashile ezise-
weni,
Ngivumele ngikubone ngi-
zwe nephimbo lakho,[b]
Ngoba iphimbo lakho limtoti
futhi umuhle.'"[c]
15 "Sibambeleni izimpungu-
she,
Izimpungushe ezincane ezo-
nakalisa amasimu amagile-
bhisi,
Ngoba amasimu ethu amagi-
lebhisi aseqhakazile."
16 "Isithandwa sami singesami
nami ngingowaso.[d]
Seluse[e] phakathi kwezi-
mbali.[f]
17 Kuze kube yilapho sekuhe-
leza umoya nethunzi linga-
sekho,
Phenduka ngokushesha si-
thandwa sami,
Njengenyamazane[g] noma
inyamazane yeduna enca-
ne[h] ezintabeni eziphakathi
kwethu.

3 "Lapho ngisembhedeni
wami ebusuku,
Ngimfunile lowo engimtha-
ndayo.*[i]
Ngimfunile kodwa angim-
tholanga.[j]
2 Ngizovuka ngizulazule edo-
lobheni;
Ezitaladini nasezigcawini,
Mangimfune lowo engimtha-
ndayo.*
Ngimfunile kodwa angim-
tholanga.
3 Abalindi abazungeza idolo-
bha bangithola.[k]
'Anisibonanga yini isitha-
ndwa sami?'*

ISAHL. 2
a 1Sa 30:11, 12
b Hla 8:3
c 2Sa 2:18
d Hla 3:5; Hla 8:4
e Hla 2:17; Hla 8:14
f Hla 6:11
g Isay 18:5; Joh 15:2
h Jer 8:7
i Isay 28:4; Nah 3:12

Uhla 2
a Hla 5:2; Jer 48:28
b Hla 8:13
c Hla 1:5; Hla 6:10
d Hla 7:10
e Hla 1:7
f Hla 2:1; Hla 6:3
g 2Sa 2:18
h Hla 2:9; Hla 8:14

ISAHL. 3
i Hla 1:7
j Hla 5:6
k Hla 5:7

2:11 *Noma, "Inkathi yemvula."

3:1-3 *Noma, "othandwa umphefumulo wami."

4 Ngangisanda kudlula nje kubo
Lapho ngithola isithandwa sami.*
Ngambamba ngangamdedela
Kwaze kwaba yilapho ngimngenisa endlini kamama,[a]
Ekamelweni elingaphakathi lalowo owangikhulelwa.
5 Ngiyanifungisa madodakazi aseJerusalema,
Ngobuhle bezinyamazane nobezinyamazane zezinsikazi zasendle:
Ningazami ukuvusa uthando kimi luze luzivukele lona."[b]
6 "Kuyini lokhu okukhuphuka kuvela ehlane okubukeka njengamafu entuthu,
Kuqholwe ngamakha emure nempepho,
Ngazo zonke izimpushana ezinamakha zomthengisi?"[c]
7 "Bheka! Usofa kaSolomoni.
Uzungezwe amadoda anamandla angamashumi ayisithupha,
Avela emadodeni anamandla akwa-Israyeli,[d]
8 Wonke ahlome ngezinkemba,
Wonke aqeqeshelwe impi,
Ngayinye inenkemba ethangeni layo
Ukuze imqaphe ezingozini zasebusuku."
9 "Uwuhlaka* lwasebukhosini lweNkosi uSolomoni
Eyazenzela lona ngezihlahla zaseLebhanoni.[e]
10 Izinsika zalo yazenza ngesiliva,
Izisekelo zalo yazenza ngegolide.
Isihlalo salo senziwe ngoboya obuphephuli;
Ingaphakathi lalo lalihlotshiswe kahle
Ngamadodakazi aseJerusalema."
11 "Phumani madodakazi aseZiyoni,
Nibuke iNkosi uSolomoni
Ithwele umqhele womshado eyawenzelwa unina[a]
Ngosuku lwayo lomshado,
Ngosuku lokujabula kwenhliziyo yayo."

4 "Waze wamuhle sithandwa sami!
Ave umuhle!
Amehlo akho awamajuba njengoba uzimboze ebusweni.
Izinwele zakho zinjengomhlambi wezimbuzi
Owehlela ezintabeni zaseGileyadi.[b]
2 Amazinyo akho anjengomhlambi wezimvu ezisanda kugundwa
Ezibuya ukuyogezwa,
Zonke zakheke kahle futhi zihambisana kahle,
Akukho neyodwa eshodayo.
3 Izindebe zakho zinjengentambo ebomvu,
Izinto ozikhulumayo zimnandi.
Njengengxenye yehalananda* elivulekile
Zinjalo izihlathi zakho njengoba uzimboze ubuso.
4 Intamo yakho[c] injengombhoshongo kaDavide,[d]
Owakhiwe ngolayini bamatshe
Okulengiswe kubo amahawu ayinkulungwane,
Wonke amahawu ayindilinga amadoda anamandla.[e]

---

3:4 *Noma, "othandwa umphefumulo wami." 3:9 *Usofa ombozekile owawusetshenziselwa ukuthwala umuntu obalulekile.

4:3 *Noma, "yehananadi."

ISAHL. 3
a Hla 8:2
b Hla 2:7; Hla 8:4
c Eks 30:23, 24; Eks 30:34
d 1Kh 9:22
e 1Kh 5:8, 9

Uhla 2
a 2Sa 12:24; IzA 4:3

ISAHL. 4
b Num 32:1; Dut 3:12; Hla 6:5-7
c Hla 1:10
d Neh 3:25; Hla 7:4
e 2Sa 8:7; 2Kh 11:10

5 Amabele akho anjengezinyamazane ezincane ezimbili,
Izinyamazane ezingamawele[a]
Ezidla phakathi kwezimbali."
6 "Kuze kube yilapho sekuheleza umoya nethunzi lingasekho,
Ngizohamba ngiye entabeni yemure
Nasegqumeni lempepho."[b]
7 "Umuhle ngazo zonke izindlela sithandwa sami,[c]
Awunasici.
8 Asihambe eLebhanoni makoti wami,
Asihambe eLebhanoni.[d]
Yehla esiqongweni se-Amana,
Esiqongweni seSeniri, esiqongweni seHermoni,[e]
Emigedeni yamabhubesi, ezintabeni zezingwe.
9 Uyithathile inhliziyo yami[f] dadewethu, makoti wami,
Uyithathile inhliziyo yami ngokungijeqeza kanye nje ngamehlo akho,
Ngomhlobiso owodwa womgexo wakho.
10 Ave ulubonisa kamnandi uthando lwakho[g] dadewethu, makoti wami!
Indlela obonisa ngayo uthando ingcono kakhulu kunewayini,[h]
Nephunga lamakha akho lingcono kunelanoma iziphi izinongo![i]
11 Izindebe zakho ziconsa uju lwamakhekheba[j] makoti wami.
Phansi kolimi lwakho kunoju nobisi,[k]
Namakha ezingubo zakho anjengamakha eLebhanoni.
12 Udadewethu, umakoti wami, unjengensimu ebiyelwe,
Insimu ebiyelwe, isiphethu esivaliwe.
13 Ufana* nezihlahla ezisengadini# ezinamagatsha agcwele amahalananda,
Izithelo zekhethelo, izitshalo zehena nezesipikenadi,
14 Isipikenadi[a] nesafroni, umhlanga*[b] nesinamoni,[c]
Kanye nazo zonke izinhlobo zezihlahla zempepho, imure nenhlaba,[d]
Kanye nawo wonke amakha ekhethelo.[e]
15 Uyisiphethu sensimu, umthombo wamanzi ahlanzekile
Nemifudlana egelezayo evela eLebhanoni.[f]
16 Vuka moya wasenyakatho;
Woza moya waseningizimu.
Heleza engadini yami.
Makugcwale iphunga elimnandi kuyo."
"Isithandwa sami masize engadini yaso
Sidle izithelo zayo zekhethelo."

**5** "Ngingenile engadini yami,[g]
O dadewethu, makoti wami.
Ngikhe imure yami nesithako sami.[h]
Ngidle ikhekheba lami lezinyosi kanye noju lwami;
Ngiphuze iwayini lami nobisi lwami."[i]
"Yidlani bangani abathandekayo!
Phuzani nidakwe izenzo zothando!"[j]
2 "Ngilele kodwa inhliziyo yami iphapheme.[k]
Kukhona umsindo wokungqongqoza kwesithandwa sami!
'O dadewethu, ngivulele sithandwa sami

---

**4:13** *Noma kungaba, "Isikhumba sakho sifana." #Noma, "ezisepharadesi."
**4:14** *Umhlanga onephunga elimnandi.

ISAHL. 4
a Hla 7:3
b Shu 2:5
c Hla 4:1
d Dut 3:25
e Dut 3:8, 9; Hu 133:3
f IzA 5:18, 19
g Hla 7:12
h Hla 1:2, 4
i Est 2:12; Hla 1:12
j IzA 16:24
k Hla 5:1

Uhla 2
a Joh 12:3
b Isay 43:24
c IzA 7:17
d Hu 45:8
e Eks 30:23, 24; Eks 30:34; Hez 27:2, 22
f Jer 18:14

ISAHL. 5
g Hla 4:16
h Hla 4:13, 14
i Hla 4:11
j Hla 1:2
k Hla 3:1

Juba lami, wena muntu
wami ongenasici!
Ngoba ikhanda lami limanziswe amazolo,
Izinwele zami zimanziswe
umswakama
wasebusuku.'[a]
3 Sengiyikhumulile ingubo
yami.
Ingabe kumele ngiphinde
ngiyigqoke?
Ngizigezile izinyawo zami.
Ingabe kumele ngizingcolise
futhi?
4 Isithandwa sami sasisusa
isandla saso embotsheni
yesicabha,
Imizwa yami ngaso yavuka.
5 Ngavuka ukuze ngivulele isithandwa sami;
Izandla zami zaconsa imure,
Neminwe yami yaconsa imure ewuketshezi,
Yaconsela ezibambweni zesihluthulelo.
6 Ngasivulela isithandwa
sami,
Kodwa isithandwa sami
sase sifulathele, sase sihambile.
Ngaphelelwa amandla lapho
sihamba.*
Ngasifuna, kodwa angizange ngisithole.[b]
Ngasibiza, kodwa asizange
sisabele.
7 Abalindi ababezulazula edolobheni bangithola.
Bangishaya, bangilimaza.
Abalindi bezindonga bangiphuca ibhayi lami.
8 Ngiyanifungisa madodakazi
aseJerusalema:
Uma nisithola isithandwa
sami,
Nisitshele ukuthi ngiyafa
uthando."

**5:6** *Noma kungaba, "Umphefumulo wami wangishiya ngesikhathi sikhuluma."

ISAHL. 5
*a* Luk 2:8
*b* Hla 3:1, 3

Uhla 2
*a* Hla 6:2
*b* Hla 1:13
*c* Hu 92:12

9 "Isithandwa sakho singcono
ngani kwezinye izithandwa,
Wena omuhle kunabo bonke
abesifazane?
Isithandwa sakho singcono
ngani kwezinye izithandwa,
Ukuba ungaze usifungise
isifungo esinjalo?"
10 "Isithandwa sami sihle futhi
sibomvu;
Sigqamile phakathi kwabayizinkulungwane eziyishumi.
11 Ikhanda laso liyigolide, igolide elisezingeni eliphezulu.
Izinwele zaso zinjengamaqabunga esundu* aya le nale,
Zimnyama njengegwababa.
12 Amehlo aso anjengamajuba
ngasemifudlaneni yamanzi,
Ageza ngobisi,
Ahlezi ngasechibini eligcwele phama.
13 Izihlathi zaso zinjengengadi
yezithako,[a]
Inqwaba yamakhambi anephunga elimnandi.
Izindebe zaso ziyizimbali, ziconsa imure[b] ewuketshezi.
14 Izandla zaso ziyimibhobho
yegolide, efakwe ikhrisolithe.
Isisu saso siyizinyo lendlovu
elipholishekile elimbozwe
ngamasafire.
15 Imilenze yaso iyizinsika zemabula ezibekwe phezu
kwezisekelo zegolide elisezingeni eliphezulu.
Ukubukeka kwaso kunjengeLebhanoni,
kusezingeni eliphezulu
njengemisedari.[c]
16 Umlomo* waso uwubumnandi bodwa,

**5:11** *Noma kungaba, "zinjengamahlukuzo amasundu." **5:16** *NgesiHebheru, "Ulwanga."

Yonke into ngaso iyafiseleka.[a]
Yiso-ke lesi isithandwa sami, nguye lo othandiweyo wami, O madodakazi aseJerusalema."

6 "Siyephi isithandwa sakho,
Wena muntu wesifazane omuhle kunabo bonke abesifazane?
Sihambe ngayiphi indlela isithandwa sakho?
Masikufunise sona."
2 "Isithandwa sami sehlele ensimini yaso,
Ezivandeni zezitshalo zezithako,
Ukuze seluse phakathi kwamasimu
Sikhe nezimbali.[b]
3 Ngingowesithandwa sami,
Nesithandwa sami singesami.[c]
Seluse phakathi kwezimbali."[d]
4 "Umuhle njengeTiriza*[e] sithandwa sami,[f]
Umuhle njengeJerusalema,[g]
Umangalisa njengamabutho azungeze amabhanela# awo.[h]
5 Susa amehlo akho[i] kimi
Ngoba uma ungibuka inhliziyo yami iyathinteka.
Izinwele zakho zinjengomhlambi wezimbuzi
Ezehla zivela eGileyadi.[j]
6 Amazinyo akho anjengomhlambi wezimvu
Ezibuya ukuyogezwa,
Zonke zakheke kahle futhi zihambisana kahle,
Akukho neyodwa eshodayo.
7 Njengengxenye yehalananda elivulekile
Zinjalo izihlathi zakho njengoba uzimboze ubuso.
8 Kungaba khona izindlovukazi ezingu-60
Nezancinza ezingu-80
Nezintombi ezingenakubalwa.[a]
9 Kodwa munye oyijuba lami,[b] umuntu wami ongenasici.
Uyedwa kunina.
Uyintandokazi* yalowo owamzala.
Izintombi ziyambona bese zithi uyajabula;
Izindlovukazi nezancinza ziyamdumisa.
10 'Ubani lona wesifazane omuhle njengokuphuma kwelanga,
Omuhle njengenyanga egcwele,
Ohlanzeke njengokukhanya kwelanga,
Omangalisa njengamabutho azungeze amabhanela awo?' "[c]
11 "Ngehlele ensimini yamantongomane[d]
Ukuze ngibone okuhlumile esigodini,*
Ukuze ngibone ukuthi isihlahla samagilebhisi sikhahlelile# yini,
Ukuthi izihlahla zamahalananda ziqhakazile yini.
12 Kungakabiphi,
Isifiso sami sangifaka
Ezinqoleni zabantu bakithi abayizicukuthwane."*
13 "Buya, buya mShulamiti!
Buya, buya,
Ukuze sibuke ubuhle bakho!"
"Kungani nibuka umShulamiti?"[e]
"Unjengomdanso wamaqembu amabili!"*

ISAHL. 5
a Hla 2:3

ISAHL. 6
b Hla 1:7; Hla 2:16
c Hla 7:10
d Hla 2:16
e 1Kh 14:17; 1Kh 15:33
f Hla 1:9
g Hu 48:2
h Hla 6:10
i Hla 1:15; Hla 4:9; Hla 7:4
j Hla 4:1-3

Uhla 2
a 1Kh 11:1
b Hla 2:14
c Hla 6:4
d Shu 2:5
e Hla 1:6

**6:4** *Noma, "njengeDolobha Elihle." #Noma, "amafulege."

**6:9** *NgesiHebheru, "Ungomsulwa." **6:11** *Noma, "emhosheni." #Noma, "siqhakazile." **6:12** *Noma, "abathandayo." **6:13** *Noma, "Unjengomdanso waseMahanayimi."

**7** “Yeka indlela izinyawo zakho ezinhle ngayo ezimbadadeni zakho,
O ndodakazi ehloniphekile!
Ubuhle bamathanga akho bunjengemihlobiso,
Umsebenzi wezandla zengcweti.
**2** Inkaba yakho iyisitsha esiyindilinga.
Kwangathi singelokothe sintule iwayini elixutshiwe.
Isisu sakho siyinqwaba kakolweni,
Ezungezwe izimbali.
**3** Amabele akho anjengezinyamazane ezincane ezimbili,
Izinyamazane ezingamawele.[a]
**4** Intamo yakho[b] injengombhoshongo[c] wezinyo lendlovu.
Amehlo akho[d] anjengamachibi aseHeshibhoni,[e]
Ngasesangweni laseBhatirabimi.
Ikhala lakho linjengombhoshongo waseLebhanoni,
Obheke ngaseDamaseku.
**5** Ikhanda lakho lihle njengeNtaba iKarmeli,[f]
Nezinwele zakho*[g] zinjengoboya obuphephuli.[h]
Inkosi ibanjwe izinwele zakho ezinde ezinhle.
**6** Yeka ukuthi umuhle kanjani, yeka ukuthi umnandi kangakanani,
O ntombazane ethandekayo, uzedlula zonke izinto ezijabulisa kakhulu!
**7** Isiqu sakho sifana nesihlahla sesundu,
Namabele akho anjengezigaxa zezithelo zesundu.[i]
**8** Ngithe, ‘Ngizogibela esihlahleni sesundu
Ukuze ngibambe izithelo zaso.’
Kwangathi amabele akho angaba njengezigaxa zamagilebhisi,
Umoya owuphefumulayo unuke kamnandi njengama-apula,
**9** Nomlomo* wakho ube njengewayini elimnandi kunalo lonke.”
“Kwangathi lingehla kamnandi esithandweni sami,
Lishelele kamnandi ezindebeni zabalele.
**10** “Ngingowesithandwa sami,[a]
Isithandwa sami siyangifisa.
**11** Woza sithandwa sami,
Masiye emasimini;
Masihlale phakathi kwezitshalo zehena.[b]
**12** Masivuke ekuseni kakhulu siye emasimini amagilebhisi
Ukuze sibone ukuthi isihlahla samagilebhisi sikhahlelile* yini,
Ukuthi izimbali ziqhakazile yini,[c]
Ukuthi izihlahla zamahalananda ziqhakazile yini.[d]
Ngizokubonisa lapho uthando lwami.[e]
**13** Amamandrake*[f] akhipha iphunga lawo elimnandi;
Eminyango yethu kukhona zonke izinhlobo zezithelo zekhethelo.[g]
Ezintsha kanye nezindala,
O sithandwa sami, ngikubekele zona.

**8** “Ukube nje ubunjengomfowethu,
Owancela amabele kamama!
Bengiyokuqabula[h] uma ngikuthola endaweni yomphakathi

---

7:5 *NgesiHebheru, “zekhanda lakho.”

7:9 *NgesiHebheru, “Nolwanga.” 7:12 *Noma, “siqhakazile.” 7:13 *Abesifazane babedla isithelo salesi sihlahla ngoba babecabanga ukuthi sizobasiza bakhulelwe.

---

ISAHL. 7
a Hla 4:5
b Hla 1:10
c Hla 4:4
d Hla 4:1
e Num 21:25, Jos 21:8, 39
f Isay 35:2
g Hla 6:5
h Est 8:15
i Hla 7:3, Hla 8:10

Uhla 2
a Hla 2:16, Hla 6:3
b Hla 1:14
c Hla 2:13
d Hla 6:11
e Hla 1:2, Hla 4:10
f Gen 30:14
g Hla 4:16

ISAHL. 8
h Hla 1:2

Futhi akekho obeyongide-
lela.
2 Bengiyokuhola;
Bengiyokungenisa endlini
kamama,[a]
Owangifundisa.
Bengiyokuphuzisa iwayini
elimnandi,
Ijusi ehla esiphundu yama-
halananda.
3 Isandla sakhe sobunxele be-
siyoba ngaphansi kwekha-
nda lami,
Isandla sakhe sokudla singi-
bambe.[b]
4 Ngiyanifungisa madodakazi
aseJerusalema:
Ningazami ukuvusa uthando
kimi luze luzivukele lona."[c]
5 "Ubani lona wesifazane
okhuphuka evela ehlane,
Encike esithandweni sa-
khe?"
"Ngakuvusa ngaphansi kwe-
sihlahla sama-apula.
Yilapho unyoko aba khona
nemihelo ngawe.
Yilapho lowo owakuzala afi-
kelwa khona imihelo.
6 Ngibeke njengophawu enhli-
ziyweni yakho,
Njengophawu engalweni ya-
kho,
Ngoba uthando lunamandla
njengokufa,[d]
Nokuzinikela ngokuphelele
akugwemeki njenge-
Thuna.*
Uthando lunjengamalangabi
omlilo ovuthayo, ilangabi
likaJah.#[e]
7 Amanzi agubhayo ngeke alu-
cime uthando,[f]
Nemifula ngeke ilukhu-
khule.[g]

Uma umuntu ebengakhipha
wonke umcebo osendlini
yakhe ngenxa yothando,
Lowo mcebo* ubuyodelelwa
kakhulu."
8 "Sinodadewethu omncane,[a]
Akanawo amabele.
Sizomenzelani udadewethu
Ngosuku ayocelwa ngalo?"
9 "Uma eludonga,
Sizokwakha umbhoshongo
wesiliva phezu kwakhe,
Kodwa uma eyisicabha,
Sizomvalela ngepulangwe
lomsedari."
10 "Ngiludonga,
Amabele ami anjengemibho-
shongo.
Ngakho emehlweni akhe
ngibe
Njengowesifazane onoku-
thula.
11 "USolomoni wayenensimu
yamagilebhisi[b] eBhali-ha-
moni.
Wayiphathisa abantu abana-
kekela insimu.
Ngamunye wayeletha izi-
nhlamvu zesiliva eziyinku-
lungwane ngenxa yezithe-
lo zayo.
12 Nginensimu yamagilebhisi
ethi mina.
Izinhlamvu zesiliva eziyi-
nkulungwane* ezakho So-
lomoni,
Ezingamakhulu amabili eza-
labo abanakekela izithelo
zayo."
13 "O wena ohlala emasimini,[c]
Abangani bakho bayalilalela
izwi lakho.
Nami ake ngilizwe."[d]
14 "Phuthuma sithandwa sami,
Usheshe njengenyamazane[e]
Inyamazane encane
Ezintabeni zezithako."

ISAHL. 8
a Hla 3:4
b Hla 2:6
c Hla 2:7; Hla 3:5
d Joh 15:13; Efe 5:25; IsA 12:11
e Dut 4:24; 1Jo 4:8
f 1Ko 13:8, 13
g Rom 8:38, 39

Uhla 2
a Hla 1:6
b Shu 2:4
c Hla 1:6; Hla 6:11
d Hla 2:14
e Hla 2:9, 17

8:6 *Noma, "njengeShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. #Elithi "Jah" liyisifushaniso segama elithi Jehova.

8:7 *Noma kungaba, "muntu." 8:12 *NgesiHebheru, "Inkulungwane."

# U-ISAYA

## UHLU LOKUPHAKATHI


1 Ubaba namadodana akhe avukelayo (1-9)
UJehova uyayizonda inkonzo yokugcina icala (10-17)
"Masilungise izindaba" (18-20)
IZiyoni lizophinde libe yidolobha elithembekile (21-31)

2 Intaba kaJehova iyaphakanyiswa (1-5)
Izinkemba zibe ngamageja (4)
Usuku lukaJehova luthobisa abaqhoshayo (6-22)

3 Abaholi bakwaJuda badukisa isizwe (1-15)
Amadodakazi aseZiyoni ayenga amadoda ayahlulelwa (16-26)

4 Abesifazane abayisikhombisa endodeni eyodwa (1)
Lokho uJehova akwenza kuhlume kuyokhazimula (2-6)

5 Ingoma ngensimu yamagilebhisi kaJehova (1-7)
Usizi ngensimu yamagilebhisi kaJehova (8-24)
UNkulunkulu usithukuthelele isizwe sakhe (25-30)

6 Umbono kaJehova esethempelini lakhe (1-4)
"Ungcwele, ungcwele, ungcwele uJehova" (3)
Izindebe zika-Isaya ziyahlanzwa (5-7)
U-Isaya uyathunywa (8-10)
"Nangu mina! Thuma mina!" (8)
"O Jehova, kuze kube nini?" (11-13)

7 Umyalezo oya eNkosini u-Ahazi (1-9)
USheyari-jashubi (3)
Isibonakaliso sika-Imanuweli (10-17)
Imiphumela yokungathembeki (18-25)

8 Ukuhlasela kwe-Asiriya okuzayo (1-8)
UMahere-shalali-hashi-bazi (1-4)
Ningesabi—"uNkulunkulu unathi!" (9-17)
U-Isaya nezingane zakhe bayizibonakaliso (18)
Phendukelani emthethweni, hhayi emademonini (19-22)

9 Ukukhanya okukhulu ezweni laseGalile (1-7)
Ukuzalwa 'kweSikhulu Sokuthula' (6, 7)
Isandla sikaNkulunkulu simelene no-Israyeli (8-21)

10 Isandla sikaNkulunkulu simelene no-Israyeli (1-4)
I-Asiriya—induku yentukuthelo kaNkulunkulu (5-11)
Ukujeziswa kwe-Asiriya (12-19)
Abasele bakaJakobe bazobuya (20-27)
UNkulunkulu uzolahlulela i-Asiriya (28-34)

11 Ukubusa ngokulunga kwehlumela likaJese (1-10)
Impisi newundlu kuyohlala ndawonye (6)
Ulwazi ngoJehova luyogcwala emhlabeni (9)
Abasele bayabuyiselwa (11-16)

12 Ingoma yokubonga (1-6)
"UJah, uJehova uyizikhwepha zami" (2)

13 Isimemezelo ngokumelene neBhabhiloni (1-22)
Usuku lukaJehova luseduze! (6)
AmaMede azogumbuqela iBhabhiloni (17)
Ngeke kuphinde kuhlale muntu eBhabhiloni (20)

14 Ama-Israyeli azohlala ezweni lawo (1, 2)
Ukuklolodelwa kwenkosi yaseBhabhiloni (3-23)
Okhanyayo uyowa esuka ezulwini (12)
Isandla sikaJehova sizophihliza umAsiriya (24-27)
Isimemezelo ngokumelene neFilistiya (28-32)

15 Isimemezelo ngokumelene noMowabi (1-9)

16 Umyalezo ngoMowabi uyaqhubeka (1-14)

17 Isimemezelo ngokumelene neDamaseku (1-11)
UJehova uzokhuza izizwe (12-14)

18 Umyalezo ngokumelene neTopiya (1-7)

19 Isimemezelo ngokumelene neGibhithe (1-15)

IGibhithe lizomazi uJehova (16-25)
I-altare likaJehova eGibhithe (19)

20 Isibonakaliso ngokumelene neGibhithe neTopiya (1-6)

21 Isimemezelo ngokumelene nehlane lolwandle (1-10)
Ukuqapha enqabeni yokulinda (8)
"IBhabhiloni liwile!" (9)
Isimemezelo ngokumelene neDuma nethafa eliwugwadule (11-17)
"Mlindi, sekuyasa yini?" (11)

22 Isimemezelo ngeSigodi Sombono (1-14)
Indawo yomphathi uShebina ithathwa u-Eliyakimi (15-25)
Isipikili esingokomfanekiso (23-25)

23 Isimemezelo ngokumelene neThire (1-18)

24 UJehova uzoligeqa izwe (1-23)
UJehova uyiNkosi eZiyoni (23)

25 Izibusiso ezicebile kubantu bakaNkulunkulu (1-12)
Idili likaJehova lewayini elimnandi (6)
Ukufa ngeke kusaba khona (8)

26 Ingoma ephathelene nokwethembela nensindiso (1-21)
UJah uJehova uyiDwala laphakade (4)
Abahlala emhlabeni kufanele bafunde ukulunga (9)
"Abantu bakho abafile bayophila" (19)
Ngenani emakamelweni enu angaphakathi nicashe (20)

27 UJehova ubulala uLeviyathani (1)
Ingoma ngo-Israyeli ofaniswa nensimu yamagilebhisi (2-13)

28 Maye ngezidakwa zakwa-Efrayimi! (1-6)
Abapristi nabaprofethi bakwaJuda bayadiyazela (7-13)
"Isivumelwano noKufa" (14-22)
Itshe eliyigugu eliyinhloko eZiyoni (16)
Umsebenzi kaJehova ongajwayelekile (21)
Isiyalo sikaJehova esihlakaniphile siyafanekiswa (23-29)

29 Maye nge-Ariyeli! (1-16)
Inkonzo yezindebe iyalahlwa (13)
Abayizithulu bayozwa; abayizimpumputhe bayobona (17-24)

30 IGibhithe ngeke lisize ngalutho (1-7)
Abantu bayawenqaba umyalezo oyisiprofetho (8-14)
Niyoba namandla uma ningethemba (15-17)
UJehova ubabonisa umusa abantu bakhe (18-26)
UJehova, uMfundisi Omkhulu (20)
"Nansi indlela" (21)
UJehova uzokwahlulela i-Asiriya (27-33)

31 Usizo lwangempela luvela kuNkulunkulu, aluveli kubantu (1-9)
Amahhashi aseGibhithe ayinyama (3)

32 Inkosi nezikhulu bayobusa ngenjongo yokulunga kwangempela (1-8)
Abesifazane abangenandaba bayaxwayiswa (9-14)
Izibusiso lapho kuthululwa umoya (15-20)

33 Isahlulelo nethemba kwabalungile (1-24)
UJehova unguMahluleli, uMniki-mthetho neNkosi (22)
Akekho oyothi: "Ngiyagula" (24)

34 Impindiselo kaJehova ezizweni (1-4)
U-Edomi uzokwenziwa incithakalo (5-17)

35 IPharadesi liyabuyiselwa (1-7)
Abayizimpumputhe bayobona; abayizithulu bayozwa (5)
INdlela Yobungcwele yabakhululiwe (8-10)

36 USaneheribi uhlasela kwaJuda (1-3)
URabishake uklolodela uJehova (4-22)

37 UHezekiya ucela usizo lukaNkulunkulu ngo-Isaya (1-7)
USaneheribi usongela iJerusalema (8-13)
Umthandazo kaHezekiya (14-20)
U-Isaya udlulisela impendulo evela kuNkulunkulu (21-35)
Ingelosi ibulala abase-Asiriya abangu-185 000 (36-38)

38 Ukugula kukaHezekiya nokululama kwakhe (1-22)
Ingoma yokubonga (10-20)

39 Izithunywa ezivela eBhabhiloni (1-8)

40 Induduzo kubantu bakaNkulunkulu (1-11)
Izwi ehlane (3-5)
Ubukhulu bukaNkulunkulu (12-31)
Izizwe zinjengethonsi eliphuma ebhakedeni (15)
UNkulunkulu uhlala ngaphezu "kwembulunga ewumhlaba" (22)
Zonke izinkanyezi zibizwa ngamagama (26)

UNkulunkulu akakhathali (28)
Ukwethembela kuJehova kwenza umuntu athole amandla kabusha (29-31)

41 Umnqobi ovela empumalanga (1-7)
U-Israyeli uyinceku kaNkulunkulu ekhethiwe (8-20)
'U-Abrahama umngani wami' (8)
Abanye onkulunkulu babekelwa inselele (21-29)

42 Inceku kaNkulunkulu nesabelo sayo (1-9)
'NginguJehova igama lami' (8)
Ingoma entsha yokudumisa uJehova (10-17)
U-Israyeli uyimpumputhe futhi uyisithulu (18-25)

43 UJehova uphinde aqoqele ndawonye abantu bakhe (1-7)
Onkulunkulu bayavivinywa (8-13)
"Ningofakazi bami" (10, 12)
Ukukhululwa eBhabhiloni (14-21)
"Masiqulisane icala" (22-28)

44 Izibusiso kubantu bakaNkulunkulu abakhethiwe (1-5)
Akekho omunye uNkulunkulu ngaphandle kukaJehova (6-8)
Izithixo ezenziwe umuntu zixakile (9-20)
UJehova unguMhlengi ka-Israyeli (21-23)
Ukubuyiselwa kusetshenziswa uKoresi (24-28)

45 UKoresi uyagcotshwa ukuze anqobe iBhabhiloni (1-8)
Ubumba akufanele luphikisane noMbumbi (9-13)
Ezinye izizwe ziyamqaphela u-Israyeli (14-17)
UNkulunkulu uthembekile endalweni nakulokho akwambulayo (18-25)
Umhlaba wadalwa ukuze kuhlalwe kuwo (18)

46 Izithixo zaseBhabhiloni ziqhathaniswa noNkulunkulu ka-Israyeli (1-13)
UJehova ubikezela ikusasa (10)
Inyoni edla inyama evela empumalanga (11)

47 Ukuwa kweBhabhiloni (1-15)
Ababhula ngezinkanyezi bayadalulwa (13-15)

48 U-Israyeli uyasolwa futhi uyahlanzwa (1-11)
UJehova uzolithathela isinyathelo iBhabhiloni (12-16a)
Imfundiso kaNkulunkulu iyazuzisa (16b-19)
"Phumani eBhabhiloni!" (20-22)

49 Isabelo senceku kaJehova (1-12)
Ukukhanya kwezizwe (6)
Induduzo ku-Israyeli (13-26)

50 Izono zika-Israyeli zibangela izinkinga (1-3)
Inceku kaJehova elalelayo (4-11)
Ulimi nendlebe yabafundisiwe (4)

51 IZiyoni liyabuyiselwa libe njengensimu yase-Edene (1-8)
Induduzo evela kuMenzi weZiyoni onamandla (9-16)
Indebe yolaka lukaJehova (17-23)

52 Vuka, Ziyoni! (1-12)
Izinyawo ezinhle zalabo abaletha izindaba ezinhle (7)
Abalindi baseZiyoni bamemeza kanyekanye (8)
Labo abathwala izitsha zikaJehova kumele bahlanzeke (11)
Inceku kaJehova iyophakanyiswa (13-15)
Ukubukeka okonakalisiwe (14)

53 Ukuhlupheka, ukufa nokungcwatshwa kwenceku kaJehova (1-12)
Wadelelwa futhi wagwenywa (3)
Uthwala ukugula nezinhlungu (4)
'Njengemvu eyohlatshwa' (7)
Wathwala isono sabaningi (12)

54 IZiyoni eliyinyumba lizoba namadodana amaningi (1-17)
UJehova ungumyeni weZiyoni (5)
Amadodana eZiyoni azofundiswa nguJehova (13)
Izikhali ezenzelwe iZiyoni ngeke ziphumelele (17)

55 Isimemo sokudla nokuphuza mahhala (1-5)
Funani uJehova nezwi lakhe elithembekile (6-13)
Izindlela zikaNkulunkulu ziphakeme kunezomuntu (8, 9)
Izwi likaNkulunkulu liyophumelela nakanjani (10, 11)

56 Izibusiso kwabezinye izizwe nabathenwa (1-8)
Indlu yomthandazo yabo bonke (7)

Abalindi abayizimpumputhe, izinja eziyizimungulu (9-12)

57 Olungile nabaqotho bayashabalala (1, 2)
Ubufebe buka-Israyeli obungokomoya buyadalulwa (3-13)
Induduzo kubantu abaphansi (14-21)
Ababi banjengolwandle olunyakaza lungazoli (20)
Ababi abanakho ukuthula (21)

58 Ukuzila ukudla kweqiniso nokwamanga (1-12)
Injabulo yokugcina iSabatha (13, 14)

59 Izono zika-Israyeli zimhlukanisa noNkulunkulu (1-8)
Ukuvunywa kwezono (9-15a)
UJehova uyangenela ngenxa yabaphendukayo (15b-21)

60 Inkazimulo kaJehova ikhanya phezu kweZiyoni (1-22)
Njengamajuba aya ezidlekeni zawo (8)
Igolide esikhundleni sethusi (17)
Omncane uyoba yinkulungwane (22)

61 Ugcotshiwe ukuba amemezele izindaba ezinhle (1-11)
"Unyaka womusa kaJehova" (2)
"Izihlahla ezinkulu zokulunga" (3)
Abezinye izizwe bayosiza (5)
'Abapristi bakaJehova' (6)

62 Igama elisha leZiyoni (1-12)

63 Impindiselo kaJehova ezizweni (1-6)
Uthando oluqotho lukaJehova ezikhathini ezidlule (7-14)
Umthandazo wokuphenduka (15-19)

64 Umthandazo wokuphenduka uyaqhubeka (1-12)
UJehova "unguMbumbi wethu" (8)

65 UJehova wahlulela abakhonza izithombe (1-16)
Unkulunkulu weNhlanhla nonkulunkulu wokuDalelwa (11)
"Izinceku zami ziyokudla" (13)
Amazulu amasha nomhlaba omusha (17-25)
Ukwakhiwa kwezindlu; ukutshalwa kwamasimu amagilebhisi (21)
Akekho oyokhandlekela ize (23)

66 Ukukhulekela kweqiniso nokwamanga (1-6)
Umama oyiZiyoni namadodana akhe (7-17)
Abantu baqoqene ndawonye ukuze bayokhonza eJerusalema (18-24)

1 Umbono owabonwa u-Isaya*[a] indodana ka-Amozi ngokuphathelene noJuda ne-Jerusalema ezinsukwini zika-Uziya,[b] uJothamu,[c] u-Ahazi[d] noHezekiya,[e] amakhosi akwa-Juda:[f]

2 O mazulu yizwani, ulalele
nawe mhlaba,[g]
Ngoba uJehova ukhulumile
wathi:
"Ngikhulise amadodana,[h]
Kodwa wona angivukele.[i]
3 Inkunzi imazi kahle umniniyo,
Nembongolo iwazi kahle
umkhombe* womnikazi wayo;
Kodwa u-Israyeli
akangazi,#[a]
Abantu bami abaziphathi
ngokuqonda."
4 Maye esizweni esinesono,[b]
Abantu abasindwa yisiphambeko,
Inzalo yabantu ababi, izingane ezonakele!
Zimshiyile uJehova;[c]
Zimdelelile oNgcwele ka-Israyeli;
Zimfulathele.

1:1 *Incazelo: "Insindiso KaJehova."

1:3 *Isitsha esimise okogqoko okuthelwa kuso ukudla kwezilwane ezifuyiwe. #Noma, "akayazi inkosi yakhe."

ISAHL. 1
a 2Kr 32:32
b 2Kr 26:22; Isay 6:1
c 2Kr 27:1, 2
d 2Kr 28:1
e 2Kr 29:1, 2; 2Kr 32:20
f Mat 1:9
g Hu 50:4
h Dut 1:31
i Dut 4:25, 26; Hez 20:8

Uhla 2
a Hos 4:6
b Dan 9:11
c Dut 31:16; Jer 2:5

5 Kukuphi lapho ungaphinde
ushaywe khona, njengoba
uqhubeka nokuvukela?[a]
Ikhanda liyagula,
Nenhliziyo inesifo.[b]
6 Akukho ndawo ephilile kusukela
ematheni onyawo
kuze kufike ekhanda.
Kunamanxeba, imivimbo
nezilonda
—Akuzange kwelashwe*
noma kuboshwe noma kugcotshwe
ngamafutha.[c]
7 Izwe lenu liyincithakalo.
Amadolobha enu ashiswe
ngomlilo.
Abantu bezizwe badla izwe
lenu khona kanye phambi
kwenu.[d]
Linjengezwe eliyincithakalo
eligumbuqelwe yizitha.[e]
8 Indodakazi yaseZiyoni isele
njengompheme* ensimini
yamagilebhisi,
Njengendlwana ensimini
yamakhukhamba,
Njengedolobha elivinjezelwe.[f]
9 Ukube uJehova wamabutho
akasishiyelanga abambalwa
abasindile,
Besiyoba njengeSodoma,
Besiyofana neGomora.[g]
10 Yizwani izwi likaJehova,
nina bomashiqela* base-Sodoma.[h]
Lalelani umthetho# kaNkulunkulu
wethu, nina bantu
baseGomora.[i]
11 "Ingizuzisa ngani imihlatshelo
yenu eminingi?"[j]
kusho uJehova.
"Isingicikile iminikelo yenu
eshiswayo yezinqama[k] namanoni
ezilwane ezikhuluphele,[l]

1:6 *NgesiHebheru, "kukhanywe." 1:8 *Noma, "njengedokodo." 1:10 *Noma, "babusi." #Noma, "isiqondiso."

ISAHL. 1
a Jer 5:3
b Neh 9:34, 35; Dan 9:8
c Luk 10:34
d Dut 28:33, 63
e 2Kh 18:11
f 2Kh 18:13, 14; Isay 8:7, 8
g Gen 19:24, 25; Dut 29:22, 23; Rom 9:29
h Gen 13:13; Isay 3:8, 9
i Dut 32:32; Jud 7
j 1Sa 15:22; IzA 15:8; Hos 6:6; Mik 6:7
k Eks 29:38
l Lev 3:14-16

Uhla 2
a Lev 17:11
b Lev 4:18, 21
c Lev 16:5
d Dut 16:16
e Shu 5:1; Mal 1:8
f IzA 21:27; Hez 8:11, 12
g Num 28:11
h Eks 31:13
i Lev 23:2
j Lev 19:26
k IzA 15:29
l Mat 6:7
m IzA 28:9; Isay 59:2; IsiL 3:44
n Mik 3:2-4
o Jer 4:14
p Isay 55:7
q Mik 6:8
r Dut 10:18; Jer 22:3
s Mik 6:2; Jak 4:8

Angijabuli ngegazi[a] lezinkunzi[b]
nelamawundlu nelezimbuzi.[c]
12 Lapho ningena phambi
kwami,[d]
Ubani onicele ukuba nenze
lokhu,
Ukuba ninyathele amagceke
ami?[e]
13 Ningabe nisaletha eminye
iminikelo yokudla okusanhlamvu
engasizi ngalutho.
Impepho yenu ngiyayenyanya.[f]
Ukwethwasa kwenyanga,[g]
amasabatha,[h] ukubizwa
kwemihlangano[i]
—Angikwazi ukukubekezelela
ukusetshenziswa
kwemilingo[j] kanye nomhlangano
onesizotha.
14 Ngikuzondile ukwethwasa
kwenyanga nemikhosi
yenu.
Sekuwumthwalo osindayo
kimi;
Ngikhathele ukukuthwala.
15 Lapho nelula izandla zenu,
Ngiyanifihlela amehlo ami.[k]
Nakuba nithandaza ngokuphindaphindiwe,[l]
Angilalele;[m]
Izandla zenu zigcwele
igazi.[n]
16 Gezani, zihlanzeni;[o]
Yekani ukwenza izenzo ezimbi
phambi kwami;
Yekani ukwenza okubi.[p]
17 Fundani ukwenza okuhle,
funani ubulungisa,[q]
Khuzani umcindezeli,
Lwelani amalungelo entandane,
Melani udaba lomfelokazi."[r]
18 "Wozani, manje, masilungise
izindaba phakathi kwethu,"
kusho uJehova.[s]
"Nakuba izono zenu zibomvu
klebhu,

Zizokwenziwa zibe mhlophe njengeqhwa;[a]
Nakuba zibomvu njengendwangu ebomvu okwegazi,
Zizoba njengoboya bezimvu.
19 Uma nivuma futhi nilalela,
Nizodla okuhle kwezwe.[b]
20 Kodwa uma nenqaba futhi nidlubulunda,
Nizodliwa yinkemba,[c]
Ngoba umlomo kaJehova ukhulumile."
21 Yeka indlela idolobha elalithembekile[d] eseliyisifebe ngayo![e]
Laligcwele ubulungisa;[f]
Kwakuhlala ukulunga kulo,[g]
Kodwa manje sekuhlala ababulali.[h]
22 Isiliva lakho selibe amanyela,[i]
Utshwala bakho* buhlanjululwe ngamanzi.
23 Izikhulu zakho zinenkani futhi zingabangani bamasela.[j]
Yileso naleso kuzo sithanda isifumbathiso nezipho.[k]
Aziyenzeli ubulungisa intandane,
Azinandaba nokusingatha icala lomfelokazi.[l]
24 Ngakho-ke iNkosi yeqiniso, uJehova wamabutho,
OnaMandla ka-Israyeli, uthi:
"Ngizozisusa eduze kwami izitha zami,
Ngizoziphindiselela ezitheni zami.[m]
25 Ngizokujezisa,
Ngizowancibilikisa aphele amanyela akho njengokungathi ngensipho yokuhlanza,
Ngizokususa konke ukungcola kwakho.[a]
26 Ngizobuyisela abahluleli bakho njengasekuqaleni,
Nabeluleki bakho njengasekuqaleni[b]
Ngemva kwalokho uyobizwa ngokuthi iDolobha Lokulunga, iDolobhana Elithembekile.[c]
27 IZiyoni liyokhululwa ngobulungisa,[d]
Abantu balo ababuyayo bakhululwe ngokulunga.
28 Izihlubuki nezoni ziyobhujiswa kanyekanye,[e]
Labo abashiya uJehova bayophela.[f]
29 Ngoba bayoba namahloni ngezihlahla ezinkulu enanizifisa,[g]
Niyohlazeka ngenxa yamasimu* eniwakhethile.[h]
30 Ngoba niyoba njengesihlahla esikhulu esinamaqabunga abunayo,[i]
Nanjengensimu engenamanzi.
31 Indoda enamandla iyoba utshani obomile,*
Nomsebenzi wayo ube yinhlansi yomlilo;
Kokubili kuyogqamuka amalangabi kanyekanye,
Kungekho muntu ozokucisha."

**2** Yilokhu u-Isaya indodana ka-Amozi akubona ngokuphathelene noJuda neJerusalema:[j]

2 Ezinsukwini zokugcina,*
Intaba yendlu kaJehova

1:22 *Noma, "Utshwala bakho bukakolweni."

1:29 *Ngokusobala izihlahla namasimu ahlobene nokukhonza izithombe. 1:31 *Noma, "yifilakisi." Into esantambo eyokheleka kalula. 2:2 *Noma, "Engxenyeni yokugcina yezinsuku."

ISAHL. 1
a Hu 51:7; Isay 44:22; Mik 7:19
b Dut 28:1, 2; Jow 2:19
c Lev 26:33; IzA 29:1
d Hu 48:2
e Jer 2:20
f 2Sa 8:15; 1Kh 3:28
g 2Kr 19:9, 10
h Mik 3:1-3; Luk 13:34
i Hez 22:18
j Isay 3:14; Mik 3:9-11
k Eks 23:8
l Eks 22:22; Jer 5:28
m Hez 5:13

Uhla 2
a Jer 6:29, 30; Jer 9:7; Mal 3:3
b Num 12:3; 1Sa 12:1, 3; Isay 32:1; Hez 34:23
c Isay 62:1
d Jer 31:11
e Hez 20:38
f 1Kh 9:6, 7
g Hez 6:13
h Isay 65:3; Isay 66:17
i Jer 17:5, 6

ISAHL. 2
j Isay 1:1

Iyomiswa iqine ibe nga-
phezu kweziqongo zezi-
ntaba,[a]
Iyophakanyiswa ngaphezu
kwamagquma,
Zonke izizwe ziyothuthele-
ka kuyo.[b]
3 Izizwe ezininingi ziyohamba
zithi:
"Wozani sikhuphukele
entabeni kaJehova,
Endlini kaNkulunkulu ka-
Jakobe.[c]
Uzosifundisa izindlela za-
khe,
Sihambe ezindleleni za-
khe."[d]
Ngoba umthetho* uyophu-
ma eZiyoni,
Nezwi likaJehova eJerusa-
lema.[e]
4 Uyokhipha isahlulelo pha-
kathi kwezizwe
Alungise izindaba ngoku-
qondene nabantu bezizwe
ezininingi.
Ziyokhanda izinkemba zazo
zibe ngamageja
Nemikhonto yazo ibe ngo-
celemba.[f]
Izizwe ngeke ziphakamise-
lane inkemba,
Ngeke zisayifunda impi.[g]
5 O nina ndlu kaJakobe, wo-
zani,
Masihambe ekukhanyeni
kukaJehova.[h]
6 Nkulunkulu, ubashiyile
abantu bakho, indlu kaJa-
kobe,[i]
Ngoba balandela amasiko
amaningi aseMpumala-
nga;
Benza imilingo[j] njengama-
Filisti,
Phakathi kwabo kugcwele
inzalo yabantu bezinye
izizwe.

2:3 *Noma, "isiqondiso."

7 Izwe labo ligcwele isiliva
negolide,
Nengcebo yabo ayipheli.
Izwe labo ligcwele amahha-
shi,
Nezinqola zabo ziningi.[a]
8 Izwe labo ligcwele onku-
lunkulu abangasizi ngalu-
tho.[b]
Bakhothamela umsebenzi
wezandla zabo,
Lokho okwenziwe yiminwe
yabo.
9 Umuntu uyakhothama, uya-
zehlisa,
Ngeke neze ubaxolele.
10 Ngena edwaleni ucashe
othulini
Ngenxa yolaka lukaJehova
olwesabekayo
Nokukhazimula kwakhe
okukhulu.[c]
11 Amehlo azidlayo omuntu
ayothotshiswa,*
Nabantu abaqhoshayo ba-
yothotshiswa.#
NguJehova kuphela oyo-
phakanyiswa ngalolo
suku.
12 Ngoba luwusuku lukaJeho-
va wamabutho.[d]
Luyofikela wonke umuntu
oqhoshayo noziphakami-
sayo,
Luyofikela wonke umuntu,
noma ngabe uphakeme
noma uphansi,[e]
13 Luyofikela yonke imisedari
yaseLebhanoni emide ne-
phakeme
Nazo zonke izihlahla ze-oki
zaseBhashani,
14 Zonke izintaba eziphakeme
Nawo wonke amagquma
aphakeme,
15 Yonke imibhoshongo epha-
keme nazo zonke izindo-
nga eziqinile,

2:11 *Noma, "ayokwehliswa." #Noma, "bayokhothama."

ISAHL. 2
a Zak 8:3
b Hu 72:1, 8
Hu 86:9
Mik 4:1-3
Hag 2:7
IzE 10:34, 35
c Zak 8:23
d Isay 54:13
e Isay 51:4
f Hu 46:9
g Hu 72:7
Isay 60:18
Mat 26:52
h Isay 60:19, 20
i Dut 31:16, 17
j Dut 18:10

Uhla 2
a Dut 17:15, 16
b 2Kr 28:1, 2
2Kr 33:1, 7
c Eks 20:18
d Zef 1:4, 7
e Isay 66:16

16 Yonke imikhumbi yaseTharishishi[a]
Nazo zonke izikebhe ezinhle.
17 Umuntu oziqhenyayo uyothotshiswa,
Nabantu abaqhoshayo bayothotshiswa.
NguJehova kuphela oyophakanyiswa ngalolo suku.
18 Onkulunkulu abangasizi ngalutho bayoshabalala ngokuphelele.[b]
19 Abantu bayongena emihumeni yamadwala
Nasemigodini esemhlabathini,[c]
Ngenxa yolaka lukaJehova olwesabekayo
Nokukhazimula kwakhe okukhulu,[d]
Lapho ephakama ukuze athuthumelise umhlaba.
20 Ngalolo suku abantu bayothatha onkulunkulu babo besiliva nonkulunkulu babo begolide abangasizi ngalutho
Abazenzele bona ukuze babakhothamele
Babaphonse kongoso* nasemalulwaneni,[e]
21 Ukuze bangene emigodini esemadwaleni
Nasemifantwini yamadwala,
Ngenxa yolaka lukaJehova olwesabekayo
Nangenxa yokukhazimula kwakhe okukhulu,
Lapho ephakama ukuze enze umhlaba uthuthumele.
22 Ngenxa yokuphila kwenu, yekani ukuthembela kumuntu,
Owumoya nje osemakhaleni akhe.*
Uzonizuzisa ngani?

3 Ngoba bheka! iNkosi yeqiniso, uJehova wamabutho,
Isusa eJerusalema nakwaJuda zonke izinto ezibasekelayo neziyisidingo,
Okuwukuthi isinkwa namanzi,[a]
2 Indoda enamandla neqhawe,
Umahluleli nomprofethi,[b] umbhuli nendoda endala,
3 Induna yabangu-50,[c] isikhulu nomeluleki,
Umenzi wemilingo ochwepheshile nomlumbi* onekhono.[d]
4 Ngizokwenza abafana babe yizikhulu zabo,
Nabantu abaguquguqukayo bazobabusa.
5 Abantu bayocindezelana,
Yilowo nalowo acindezele umuntu wakubo.[e]
Umfana uyohlasela ixhegu,
Nodelelekile uyophikisana nohloniphekile.[f]
6 Yilowo nalowo uyobamba umfowabo endlini kayise, athi:
“Wena unejazi—yiba yinduna yethu.
Busa le ndawo eyincithakalo.”
7 Kodwa uyokwala ngalolo suku, athi:
“Ngeke ngibe umbophi wamanxeba akho;*
Endlini yami anginakudla nangubo.
Ningangenzi induna yabantu.”
8 Ngoba iJerusalema likhubekile,

ISAHL. 2
a 1Kh 10:22; Hez 27:25
b Isay 27:9
c IsA 6:15
d Isay 2:10; 2Th 1:9
e Isay 30:22; Isay 31:7

Uhla 2

ISAHL. 3
a Lev 26:26; Dut 28:49, 51; Jer 37:21; Hez 4:16
b Hez 13:9
c Eks 18:21
d Dut 18:10, 12; Isay 8:19
e Jer 9:4, 5; Mik 3:2, 3
f Lev 19:32

**2:20** *Izilwane ezifana namagundane ezidla kakhulu.

**2:22** *Noma, “Omoya wakhe usemakhaleni akhe.” **3:3** *Umuntu onekhono lokulutha izinyoka. **3:7** *Noma, “umelaphi wakho.”

NoJuda uwile,
Ngoba ngezwi nangezenzo
zabo bamelene noJehova;
Bayadlubulunda ekubeni
khona kwakhe okukhazimulayo.*[a]
9 Isimo sobuso babo sifakaza
ngokumelene nabo,
Bakhuluma ngesono
sabo njengabantu base-Sodoma;[b]
Abazami ukusifihla.
Maye kubo ngoba bazilethela inhlekelele!
10 Tshelani abalungile ukuthi
kuyobahambela kahle;
Bayothola umvuzo ngezenzo zabo.*[c]
11 Maye komubi!
Uyokwehlelwa yinhlekelele,
Ngoba lokho akwenze ngezandla zakhe kuyokwenziwa nakuye!
12 Ababela isizwe sami imisebenzi bayasihlukumeza,
Sibuswa abesifazane.
Bantu bami, abaholi benu
bayaninhlanhlathisa,
Bayanidukisa ezindleleni
okufanele nihambe
ngazo.[d]
13 UJehova ulungela ukubeka
abantu icala;
Uyasukuma ukuze agwebe
izizwe.
14 UJehova uyokwahlulela
amadoda amadala nezikhulu zabantu bakhe.
"Niwashisile amasimu amagilebhisi,
Ezindlini zenu kukhona
izinto enizebe kwabampofu.[e]
15 Nisithathaphi isibindi sokucindezela abantu bami
Nesokugaya ubuso babampofu emhlabathini?"[f]
kusho iNkosi EnguMbusi,
uJehova wamabutho.
16 UJehova uthi: "Ngenxa yokuthi amadodakazi aseZiyoni ayaziphakamisa,
Ahamba ngokuziqhenya,*
Abuka ngamehlo akhanukayo, ahamba etshikiza
Enza umsindo okhencezayo
ngomhlobiso ofakwa ezinyaweni,
17 UJehova uzokwenza ukuba
ukhakhayi lwekhanda lamadodakazi aseZiyoni
lube notwayi,
UJehova uzokwenza amakhanda awo angabi nazinwele.[a]
18 Ngalolo suku uJehova
uyosusa ubuhle bamabhengela,
Amabhande asekhanda nemihlobiso emise okwenyanga eyethwese,[b]
19 Amacici,* imihlobiso yasesandleni, amaveyili,
20 Iminqwazo, amaketanga
okuhloba asemaqakaleni,
amabhande okuhloba asesifubeni,
Namagobolondo aneziqholo
nokokuzihlobisa,*
21 Izindandatho zaseminweni,
amacici afakwa ekhaleni,
22 Izingubo zemikhosi, izingubo zangaphezulu, amajazi
nezikhwama ezincane,
23 Izibuko eziphathwayo[c] nezingubo zelineni,*
Amaduku okushuqula namaveyili.
24 Esikhundleni samafutha
ebhalsamu,[d] kuyoba khona iphunga lokubola;
Esikhundleni sebhande,
intambo;

3:8 *NgesiHebheru, "emehlweni enkazimulo yakhe." 3:10 *NgesiHebheru, "Bayodla izithelo zezenzo zabo."

3:16 *NgesiHebheru, "elule izintamo." 3:19 *Noma, "Imihlobiso yomgexo." 3:20 *Noma, "namagobolondo okuzihlobisa anomsinjwana." 3:23 *Noma, "nezingubo zangaphansi."

ISAHL. 3
a 2Kr 33:1, 6
Hez 9:9
b Gen 18:20
Isay 1:10
Jud 7
c Shu 8:12
Zef 2:3
d Jer 5:31
Hab 1:4
e Isay 1:23
Jer 5:26-28
Mik 2:1, 2
Mik 6:10
f Mik 3:2, 3

Uhla 2
a Isay 3:24
b Hlu 8:26
c Eks 38:8
d Est 2:12

Esikhundleni sezinwele
ezilungiswe kahle, impandla;[a]
Esikhundleni sengubo ebizayo, ingubo yendwangu
yesaka;[b]
Uphawu olubekwe ngokushiswa* esikhundleni sobuhle.

25 Amadoda akho ayowa ngenkemba,
Amaqhawe akho afele empini.[c]

26 Amasango eZiyoni ayolila adabuke,[d]
Liyohlala phansi emhlabathini liyincithakalo."[e]

**4** Ngalolo suku abesifazane abayisikhombisa bayobamba indoda eyodwa,[f] bathi:

"Sizodla esethu isinkwa
Sigqoke ezethu izingubo;
Kuphela masibizwe ngegama lakho
Ukuze kusuke ihlazo lethu."*[g]

**2** Ngalolo suku, lokho uJe-
hova akwenza ukuba kuhlu-
me kuyoba kuhle kukhazi-
mule, abasindile bakwa-Israye-
li bayoziqhenya ngezithelo ze-
zwe, zibe yinto yabo enhle.[h]
**3** Noma ubani osele eZiyoni
nosele eJerusalema kuyothiwa
ungcwele, bonke labo ababha-
lwe phansi ukuba baphile eJe-
rusalema.[i]

**4** Lapho uJehova egeza uku-
ngcola* kwamadodakazi ase-
Ziyoni,[j] esusa negazi# nga-
phakathi eJerusalema ngomo-
ya wokwahlulela nangomoya
wokushisa,△[k] **5** uJehova uyo-
letha ifu kanye nentuthu emi-
ni, nomlilo ovutha amalanga-
bi ebusuku phezu kwayo yo-
nke indawo eseNtabeni iZiyo-
ni naphezu kwendawo yemihla-
ngano yalo;[a] ngoba phezu kwa-
zo zonke izinto ezikhazimulayo
kuyoba khona isivikelo. **6** Ku-
yoba khona idokodo ukuze libe
ngumthunzi ekushiseni kwase-
mini,[b] libe yisiphephelo nesi-
vikelo lapho kunesiphepho ne-
mvula.[c]

**5** Mangiculele engimthandayo ingoma
Ingoma ngalowo engimthandayo nangensimu yakhe
yamagilebhisi.[d]
Lowo engimthandayo wayenensimu yamagilebhisi
egqumeni elivundile.

2 Wayimba, wakhipha amatshe.
Watshala kuyo amagilebhisi
abomvu ekhethelo,
Wakha umbhoshongo maphakathi nayo,
Waqopha itshe wenza isikhamo sewayini kuyo.[e]
Wayelokhu ethemba ukuthi
izothela amagilebhisi
amahle,
Kodwa yavele yathela
amagilebhisi asendle kuphela.[f]

3 "Manje, nina bantu base-Jerusalema nani madoda
akwaJuda,
Ngicela nahlulele phakathi
kwami nensimu yami.[g]

4 Yini enye ebengingayenza
ngensimu yami yamagilebhisi
Engingakayenzi kakade?[h]
Kungani ithele amagilebhisi
asendle kuphela,
Kuyilapho bengithembe
ukuthi izothela amagilebhisi amahle?

5 Ngicela ukunitshela

**3:24** *Uphawu olwalubekwa emzimbeni wesigqila kusetshenziswa insimbi eshisayo. **4:1** *Okuwukuthi, ihlazo lokungashadi nokungabi nazingane. **4:4** *NgesiHebheru, "indle." #Noma, "necala legazi; nokuchithwa kwegazi." △Noma, "wokulahla."

ISAHL. 3
a Mik 1:16
b IsiL 2:10
c IsiL 2:21
d IsiL 1:4
e IsiL 2:10

ISAHL. 4
f Isay 3:25
g Gen 30:22, 23; Luk 1:24, 25
h Isay 30:23; Jow 3:18; Zak 9:17
i Eks 32:32, 33
j Hez 36:25
k Hez 22:20-22

Uhla 2
a Eks 13:21; Num 9:15; Zak 2:4, 5
b Hu 121:5
c Isay 25:4

ISAHL. 5
d Hu 80:8; Isay 5:7; Jer 2:21; Luk 20:9
e Mat 21:33; Mar 12:1
f Hos 10:1
g Mik 6:2
h 2Kr 36:15; Hez 24:13

Ngalokho engizokwenza ensimini yami yamagilebhisi:
Ngizosusa uthango lwayo,
Ishiswe ngomlilo.[a]
Ngizobhidliza udonga lwayo lwamatshe,
Futhi iyonyathelwa.
6 Ngizoyenza ibe yincithakalo;[b]
Ngeke ithenwe noma ihlakulwe.
Kuzomila izihlahla zameva nokhula kuyo,[c]
Ngizoyala amafu ukuba angayilethi imvula phezu kwayo.[d]
7 Insimu yamagilebhisi kaJehova wamabutho iyindlu ka-Israyeli;[e]
Abantu bakwaJuda bayinsimu* ayeyithanda.
Wayelokhu ethemba ukubona ubulungisa,[f]
Kodwa, bheka! babungekho ubulungisa;
Ukuthola ukulunga,
Kodwa, bheka!
ukukhala ngenxa yokucindezeleka."[g]
8 Maye kulabo abahlanganisa indlu nenye indlu[h]
Nakulabo abathasisela insimu kwenye insimu[i]
Kuze kuphele indawo
Nize nihlale nodwa ezweni!
9 UJehova wamabutho ufunge ezindlebeni zami
Ukuthi izindlu eziningi, nakuba zizinkulu futhi zizinhle,
Ziyoba yinto eshaqisayo,
Kungabi namuntu ohlala kuzo.[j]
10 Ngoba insimu yamagilebhisi engama-eka ayishumi#

5:7 *Noma, "bayizitshalo." 5:10 #NgesiHebheru, "elinywa yizipani eziyishumi ngosuku." Okungaba amahektare amane.

ISAHL. 5
a Lev 26:31, 33 Neh 2:3 Hu 79:1
b Dut 29:22, 23 Jer 25:11 Jer 45:4
c Isay 32:13
d Dut 11:16, 17
e Hu 80:8 Jer 12:10
f Mik 6:8
g Dut 15:9
h Mik 2:1, 2
i 1Kh 21:15, 16
j 2Kr 36:20, 21 Isay 27:10

Uhla 2
a Dut 28:15, 17 Jow 1:17
b Luk 21:34 Rom 13:13
c Isay 27:11 Jer 8:7 Hos 4:6
d IsiL 4:9
e Dut 28:63
f Isay 6:3 IsA 4:8
g Dut 32:4

iyothela ibhathi* elilodwa kuphela,
Nehomere* lembewu liyothela i-efa* kuphela.[a]
11 Maye kulabo abavuka ekuseni ukuze baphuze utshwala,[b]
Abahlala kuze kube sebusuku baze badakwe yiwayini!
12 Kunehabhu nensimbi yomculo enezintambo,
Ithamborini, umtshingo newayini emadilini abo;
Kodwa abawunaki umsebenzi kaJehova,
Abawuboni umsebenzi wezandla zakhe.
13 Ngakho abantu bami bayodingiswa
Ngenxa yokuthi abangazi;[c]
Amadoda abo akhazimulayo ayobulawa yindlala,[d]
Bonke abantu babo bayokoma.
14 Ngakho iThuna* lizinwebile
Lawuvula kakhulu umlomo walo;[e]
Ubukhazikhazi# beJerusalema, isixuku salo esinomsindo, nabantu balo abathanda injabulo
Bayokwehlela kulo nakanjani.
15 Umuntu uyokhothama,
Umuntu uyothotshiswa,
Namehlo abaziphakamisayo ayothotshiswa.
16 UJehova wamabutho uyophakanyiswa ngenxa yesahlulelo* sakhe;
UNkulunkulu weqiniso, oNgcwele,[f] uyozingcwelisa ngokulunga.[g]

5:10 *Bheka iSithasiselo B14. 5:14 *Noma, "iShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. #Noma, "Izicukuthwane." 5:16 *Noma, "yobulungisa."

17 Amawundlu ayoklaba nje-
ngasedlelweni lawo;
Izifiki ziyodla endaweni
eyincithakalo okwakudla
kuyo izilwane ezondle-
kile.
18 Maye kulabo abaqamba
amanga! Ngamanga abo
badonsa isiphambeko ne-
sono
Njengesilwane esidonsa
inqola ngezintambo;
19 Labo abathi: “Makawushe-
shise umsebenzi wakhe;
Mawufike ngokushesha
ukuze siwubone.
Mayifezeke injongo* yo-
Ngcwele ka-Israyeli
Ukuze siyazi!”[a]
20 Maye kulabo abathi okuhle
kubi nokubi kuhle,[b]
Labo ababeka ubumnyama
esikhundleni sokukhanya
nokukhanya esikhundleni
sobumnyama,
Labo ababeka okubabayo
esikhundleni sokumnandi
nokumnandi esikhundleni
sokubabayo!
21 Maye kulabo abazibona
behlakaniphile emehlwe-
ni abo
Nabazibona benokuqonda![c]
22 Maye kulabo abadume ngo-
kuphuza iwayini
Nasemadodeni angompetha
bokudidiyela utshwala,[d]
23 Labo abathi omubi akana-
cala ukuze bathole isifu-
mbathiso[e]
Nabangamenzeli ubulungi-
sa olungile![f]
24 Ngakho-ke, njengoba nje
ilangabi lishisa izinhlanga
Notshani obomile buphele-
la emalangabini,
Zona kanye izimpande zabo
ziyobola,
Nezimbali zabo ziyosakaze-
ka njengothuli,
Ngoba bawalile umthetho*
kaJehova wamabutho
Badelela izwi loNgcwele ka-
Israyeli.[a]
25 Yingakho intukuthelo ka-
Jehova ibavuthela abantu
bakhe,
Uyokwelula isandla sakhe
ngokumelene nabo aba-
shaye.[b]
Izintaba ziyozamazama,
Nezidumbu zabo ziyoba
njengemfucumfucu emi-
gwaqweni.[c]
Ngenxa yakho konke lo-
khu,* akayekanga ukuba-
thukuthelela,
Kodwa isandla sakhe sisa-
lokhu siluliwe ukuze aba-
shaye.
26 Usiphakamisele isibonaka-
liso* isizwe esikude;[d]
Wasishayela ikhwela ukuba
size sivela emkhawulweni
womhlaba;[e]
Bheka! siza ngejubane.[f]
27 Akekho okhathele nokhu-
bekayo kuso.
Akekho owozelayo nola-
layo.
Amabhande asezinkalweni
zabo awaxegi,
Nemichilo yezimbadada
zabo ayigqashukile.
28 Yonke imicibisholo yaso ici-
jile,
Nayo yonke iminsalo yaso
ilungele ukuciba.*
Izinselo zamahhashi aso zi-
njengetshe eliqinile,#
Namasondo ezinqola zaso
anjengesivunguvungu.[g]

ISAHL. 5
a Jer 5:12
Jer 17:15
Hez 12:22
b IzA 17:15
Mal 2:17
c IzA 3:7
Rom 12:16
d IzA 23:20
IzA 31:4, 5
e Dut 16:19
Isay 1:23
Mik 3:11
f 1Kh 21:13
IzA 17:15

Uhla 2
a Dut 31:20
2Kh 17:13, 14
Neh 9:26
Isay 1:4
b Dut 31:16, 17
2Kr 36:15, 16
IsiL 2:2
c Jer 16:4
d Jer 52:4
e Dut 28:49, 50
Jer 5:15
f Jer 4:13
g Hab 1:8

**5:19** *Noma, “isinqumo; iseluleko.”

**5:24** *Noma, “isiqondiso.” **5:25** *Kubhekiselwa ezenzweni ezimbi zabantu bakaNkulunkulu. **5:26** *Noma, “isigxobo esiwuphawu.” **5:28** *Noma, “igotshiwe.” #Noma, “zinjengensengetsha.”

**29** Ukubhonga kwaso kunjengokwebhubesi;
Sibhonga njengamabhongo amabhubesi.*[a]
Sizogwavuma sibambe inyamazane
Sihambe nayo kungekho muntu ozoyikhulula.
**30** Ngalolo suku, sizogwavuma ngenxa yayo
Njengokuduma kolwandle.[b]
Noma ubani ogqolozela izwe, uyobona ubumnyama obucindezelayo;
Ngisho nokukhanya sekumnyama ngenxa yamafu.[c]

**6** Ngonyaka iNkosi u-Uziya
eyafa ngawo,[d] ngabona uJe-
hova ehlezi esihlalweni sobu-
khosi esiphakeme,[e] umphetho
wengubo yakhe wawugcwele
ithempeli. **2** Kwakumi amase-
rafi ngaphezu kwakhe; ngali-
nye linamaphiko ayisithupha.
Ngalinye lalimboze ubuso nga-
maphiko amabili, limboze izi-
nyawo ngamabili, lindiza nga-
manye amabili.

**3** Elinye lamemeza elinye lathi:
"Ungcwele, ungcwele, ungcwele uJehova wamabutho.[f]
Umhlaba wonke ugcwele inkazimulo yakhe."

**4** Izinsika zomnyango zave-
vezela ngenxa yomsindo woku-
memeza,* indlu yagcwala intu-
thu.[g]

**5** Ngathi: "Maye kimi!
Kuphelile ngami,*
Ngoba ngingumuntu onezindebe ezingcolile,
Ngihlala phakathi kwesizwe esinezindebe ezingcolile;[h]
Ngoba amehlo ami abone iNkosi, uJehova wamabutho uqobo!"

**6** Elinye lamaserafi landize-
la kimi, liphethe ilahle elivu-
thayo esandleni salo[a] elalilitha-
the ngodlawu e-altare.[b] **7** La-
thinta umlomo wami lathi:
"Bheka! Lokhu kuthinte izindebe zakho.
Icala lakho lithethelelwe,
Nesono sakho sihlawulelwe."

**8** Ngemva kwalokho ngezwa
izwi likaJehova lithi: "Ngizo-
thuma bani, ubani ozosiyela?"[c]
Ngathi: "Nangu mina! Thuma
mina!"[d]

**9** Waphendula wathi, "Yana kulaba bantu uthi:
'Nizozwa ngokuphindaphindiwe,
Kodwa ngeke niqonde;
Nizobona ngokuphindaphindiwe,
Kodwa ngeke nibe nalwazi.'[e]
**10** Yenza inhliziyo yalaba bantu ibe lukhuni,[f]
Wenze izindlebe zabo zibe buthuntu,[g]
Uvale namehlo abo,
Ukuze bangaboni ngamehlo abo
Bangezwa ngezindlebe zabo,
Ukuze inhliziyo yabo ingaqondi
Nokuba bangabuyeli kimi bese belashwa."[h]

**11** Ngathi: "O Jehova, kuze
kube nini?" Yena wathi:
"Kuze kube yilapho amadolobha ebhidlika eba yincithakalo, kungabi namuntu ohlala kuwo
Nezindlu zisale zingenamuntu
Nezwe liba yincithakalo namanxiwa;[i]

---

**5:29** * Noma, "njengamabhubesi asemancane anomhlwenga." **6:4** * NgesiHebheru, "yezwi laleli elimemezayo." **6:5** * NgesiHebheru, "Ngithulisiwe."

ISAHL. 5
*a* Jer 50:17
*b* Jer 6:23
*c* Jer 4:23

ISAHL. 6
*d* 2Kr 26:23
*e* 1Kh 22:19, Dan 7:9
*f* Eks 15:11, IsA 4:8
*g* IsA 15:8
*h* Isay 29:13

Uhla 2
*a* Hez 10:2
*b* IsA 8:5
*c* Gen 1:26, Joh 1:1, 2, Joh 12:41
*d* Hu 110:3, Mat 4:19, 20
*e* Jer 5:21, Mat 13:14, Luk 8:9, 10, IzE 28:25, 26
*f* Hez 3:7
*g* Jer 6:10, Joh 3:20
*h* Mat 13:15, IzE 28:27
*i* 2Kr 36:20, 21, Isay 3:26, Isay 24:1

12 Kuze kube yilapho uJehova
ebaxosha abantu[a]
Nalo lonke izwe liba yinci-
thakalo.

13 “Kodwa kuyobe kusekho-
na abantu abambalwa abahla-
la ezweni, futhi liyophinde lishi-
swe, njengesihlahla esikhulu na-
njengesihlahla se-oki, okuthi la-
pho sesigawuliwe kusale isiqu;*
inzalo# engcwele iyoba yisiqu
salo.”

**7** Kwathi ezinsukwini zika-
Ahazi[b] indodana kaJothamu
indodana ka-Uziya, inkosi ya-
kwaJuda, uRezini inkosi yase-
Siriya noPheka[c] indodana ka-
Remaliya, inkosi yakwa-Israye-
li, bakhuphuka beyolwa neJe-
rusalema, kodwa abakwazanga
ukulinqoba.[d] 2 Kwafika umbi-
ko endlini kaDavide, othi: “ISi-
riya lakhe umfelandawonye no-
Efrayimi.”

Inhliziyo ka-Ahazi nezinhlizi-
yo zabantu bakhe zaqala uku-
vevezela, njengezihlahla zehla-
thi zinyakaziswa ngumoya.

3 UJehova wathi ku-Isaya:
“Ngicela uhambe, uyohlanga-
na no-Ahazi, wena nendodana
yakho uSheyari-jashubi,*[e] eku-
pheleni komsele wechibi eli-
ngenhla[f] ngasemgwaqweni om-
khulu oya ensimini yomhla-
nzi wezingubo. 4 Uthi kuye,
‘Ungesabi, ungapheli amandla
ngenxa yalezi zidunu ezimbili
zezikhuni ezishunqayo, ngenxa
yentukuthelo evuthayo kaRezi-
ni neSiriya nendodana kaRe-
maliya.[g] 5 Ngoba iSiriya no-
Efrayimi nendodana kaRemali-
ya bacebe ukukulimaza, bethi:
6 “Masihambe siyohlasela uJu-
da simcekele phansi* simnqo-
be,* bese sibeka indodana ka-
Thabeyeli ibe yinkosi yakho-
na.”[a]

7 “‘Yilokhu iNkosi Engu-
Mbusi uJehova ekushoyo:
“Ngeke kuphumelele,
Ngeke kwenzeke.
8 Ngoba inhloko yeSiriya yi-
Damaseku,
Nenhloko yeDamaseku ngu-
Rezini.
Phakathi neminyaka engu-
65 nje kuphela
U-Efrayimi uzophihlizwa
ngokuphelele angabe esa-
ba yisizwe.[b]
9 Inhloko ka-Efrayimi yiSa-
mariya,[c]
Nenhloko yeSamariya yi-
ndodana kaRemaliya.[d]
Ngaphandle kokuba nibe
nokholo oluqinile,
Umbuso wenu ngeke ume
uqine.”’”

10 UJehova waqhubeka wa-
khuluma no-Ahazi, wathi:
11 “Cela isibonakaliso kuJe-
hova uNkulunkulu wakho;[e] si-
ngajula njengeThuna* noma
siphakame njengesibhakabha-
ka.” 12 Kodwa u-Ahazi wathi:
“Ngeke ngisicele futhi ngeke
ngimvivinye uJehova.”

13 U-Isaya wabe esethi:
“Ngicela ulalele wena ndlu ka-
Davide. Akwanele yini uku-
ba nivivinye ukubekezela kwa-
bantu? Ingabe kumele nivi-
vinye nokubekezela kukaNku-
lunkulu?[f] 14 Ngakho-ke uJe-
hova uyoninika isibonakali-
so: Bheka! Intombi iyokhule-
lwa, ibelethe indodana[g] iyi-
qambe ngokuthi u-Imanuwe-
li.*[h] 15 Kuyothi lapho isikwa-

**6:13** *Noma, “isiphunzi.” Ingxenye yesihlahla esalayo lapho sigawulwa. #Noma, “imbewu.” **7:3** *Incazelo: “Abasele Kuphela Abayobuya.” **7:6** *Noma kungaba, “simesabise.”

**7:6** *Noma, “sifohle ezindongeni zakhe.” NgesiHebheru, “simhlukanise phakathi.” **7:11** *Noma, “njengeShiyoli,” okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **7:14** *Incazelo: “UNkulunkulu Unathi.”

ISAHL. 6
a 2Kh 25:11

ISAHL. 7
b 2Kh 16:1, 2
c 2Kh 15:37, 2Kr 28:6
d 2Kh 16:5
e Isay 8:18
f 2Kh 18:17
g 2Kh 15:30, Isay 8:6, 7

Uhla 2
a 2Kh 16:5
b 2Kh 17:6, Hos 1:6
c 1Kh 16:23, 24
d 2Kh 15:27
e Hlu 6:36, 37, Isay 37:30, Isay 38:7, 8
f 2Kr 36:15, 16
g Isay 9:6, Joh 1:14, 1Ti 3:16
h Mat 1:23, Luk 1:30-35

zi ukwala okubi ikhethe oku-
hle idle ibhotela noju. 16 Ngo-
ba ngaphambi kokuba umfana akwazi ukwala okubi akhethe okuhle, izwe lamakhosi amabili owesabayo liyobe selishiywe ngokuphelele.[a] 17 UJe-
hova uyoletha kuwe nakubantu bakini nasendlini kayihlo isikhathi esingakaze sibe khona esinjengaso kusukela osukwini u-Efrayimi ahlukana ngalo noJuda,[b] ngoba uNkulunkulu uyoletha inkosi yase-Asiriya.[c]

18 "Ngalolo suku uJehova uyobiza ngekhwela izimpukane ezisuka emifudlaneni ekude yeNayile yaseGibhithe nezinyosi ezivela ezweni lase-Asiriya, 19 zonke ziyofika zihlale phansi ezigodini* ezikhuphukelayo, emifantwini yamadwala, kuzo zonke izihlahla zameva nakuwo wonke amadlelo.

20 "Ngalolo suku uJehova uyophuca ikhanda neziboya ezisemilenzeni yakho, esebenzisa insingo* eqashwe esifundeni soMfula,[#] esebenzisa inkosi yase-Asiriya,[d] iyosusa nentshebe yakho.

21 "Ngalolo suku umuntu uyolonda isithole emhlanjini wezinkomo nezimvu ezimbi-
li. 22 Ngenxa yokuthi ubisi luyobe luluningi, uyodla ibhotela, ngoba wonke umuntu oyobe esele ezweni uyodla ibhotela noju.

23 "Ngalolo suku nomaphi lapho okwakukhona amasimu amagilebhisi angu-1 000 abiza izinhlamvu zesiliva ezingu-1 000, kuyoba khona izihlahla zameva nokhula kuphe-
la. 24 Abantu bayoya khona bephethe umnsalo nomcibisho-
lo, ngoba lonke izwe liyogcwala izihlahla zameva nokhula.
25 Zonke izintaba ezazicentwa ngegeja, ngeke usondele kuzo ngenxa yokwesaba izihlahla zameva nokhula; ziyoba amadlelo ezinkomo nendawo yokubhudulwa yizimvu."

**8** UJehova wathi kimi: "Thatha itshe elikhulu eliyisicaba[a] ubhale kulo ngothi lokuloba* ukuthi, 'Mahere-shalali-hashi-bazi.'[#] 2 Ngifuna ofakazi abathembekile babhale* ukuthi babona lapho libhalwa, u-Uriya[b] umpristi noZakariya indodana kaJeberekiya."

3 Khona-ke ngalala* nomprofethikazi,[#] wakhulelwa ngemva kwesikhathi wabeletha indodana.[c] UJehova wathi kimi: "Yiqambe ngokuthi uMahere-shalali-hashi-bazi,
4 ngoba ngaphambi kokuba umfana akwazi ukuthi, 'Baba!' nokuthi, 'Mama!' umnotho waseDamaseku nempango yaseSamariya kuyothathwa phambi kwenkosi yase-Asiriya."[d]

5 UJehova waphinde wakhuluma nami wathi:

6 "Ngenxa yokuthi lesi sizwe siwenqabile amanzi ageleza kahle aseShilowa*[e]
Sathokoza ngoRezini nangendodana kaRemaliya,[f]
7 Ngakho-ke, bheka! uJehova uzosilethela
Amanzi oMfula[#] anamandla namaningi,
Inkosi yase-Asiriya[g] nayo yonke inkazimulo yayo.
Iyokhuphukela ngaphezu

7:19 *Noma, "emihosheni." 7:20 *Noma, "ireyiza." 7:20; 8:7 [#]Okuwukuthi, i-Ewufrathe.

8:1 *NgesiHebheru, "ngothi lokubhala lomuntu ofayo." [#]Kungenzeka lisho, "Ukugijimela Empangweni, Ukuphuthuma Ukuyophanga." 8:2 *Noma, "bafakaze." 8:3 *NgesiHebheru, "ngasondelana." [#]Okuwukuthi, umkakhe u-Isaya. 8:6 *IShilowa kwakuwumsele wamanzi.

ISAHL. 7
a 2Kh 15:29, 2Kh 16:8, 9, Isay 8:3, 4, Isay 17:1
b 1Kh 12:20
c 2Kh 18:13, 14, 2Kr 28:19, 20, Isay 36:1
d 2Kh 16:7

Uhla 2

ISAHL. 8
a Isay 30:8
b 2Kh 16:10
c Isay 8:18
d 2Kh 15:29, 2Kh 16:8, 9, 2Kh 17:6, Isay 7:16, Isay 17:1
e 2Kh 17:16, Jer 17:13
f Isay 7:1
g 2Kh 17:5, 2Kh 18:9

kwayo yonke imihosha*
yayo
Igcwalise lonke usebe
lwayo
8 Ikhukhule kwaJuda.
Iyokhukhula idlule, ifinyelele entanyeni;[a]
Amaphiko ayo alulekile
ayogcwalisa izwe lakho,
Imanuweli!"*[b]
9 Limazani, nina zizwe, kodwa niyophihlizwa nibe
yizicucu.
Lalelani, nonke nina enihlala emajukujukwini omhlaba!
Lungelani impi,* kodwa
niyophihlizwa nibe yizicucu![c]
Lungelani impi, kodwa
niyophihlizwa nibe yizicucu!
10 Cebani icebo, kodwa liyobhuntsha!
Khulumani noma yini eniyithandayo, kodwa ngeke
iphumelele,
Ngoba uNkulunkulu
unathi!*[d]

11 Yilokhu uJehova akusho
kimi ukuze angixwayise ukuba ngingalandeli inkambo yalesi sizwe, isandla sakhe esinamandla siphezu kwami:

12 "Akumele nithi uzungu lokho lesi sizwe esikubiza
ngokuthi uzungu!
Ningakwesabi lokho abakwesabayo;
Ningathuthumeli ngenxa
yako.
13 UJehova wamabutho—nguYe okufanele nimbheke
njengongcwele,[e]
Kufanele nesabe Yena,
NguYe okufanele anenze nithuthumele."[a]
14 Uzoba njengendawo
engcwele,
Aphinde abe njengetshe lokuqhuzula
Nanjengedwala lokukhubeka[b]
Kuzo zombili izindlu zakwa-Israyeli,
Abe njengesicupho nanjengogibe
Kwabahlala eJerusalema.
15 Abaningi kubo bayokhubeka, bawe, baphuke;
Bayobekelwa ugibe babanjwe.
16 Songa umqulu okubhalwe
kuwo umyalezo;*
Ubeke uphawu emthethweni# phakathi kwabafundi
bami!

17 Ngizohlale ngilindele*
uJehova,[c] ofihlela indlu kaJakobe ubuso bakhe,[d] ngizothemba yena.
18 Bheka! Mina nabantwana uJehova angiphe bona[e] sinjengezibonakaliso[f] nanjengezimangaliso kwa-Israyeli, ezivela kuJehova wamabutho ohlala eNtabeni iZiyoni.
19 Uma bethi kini: "Buzani kwabasebenzelana nemimoya noma kubabikezeli bekusasa abatshiyozayo nabakhuluma ngokuhleba," akufanele yini isizwe sibuze kuNkulunkulu waso? Ingabe abaphilayo kufanele babuzelwe kwabafile?[g] 20 Cha, kunalokho kufanele bahlole umthetho nomyalezo obhaliwe!*
Lapho bengakhulumi okuvumelana nala mazwi abanakho

---

**8:7** *Noma, "imizila yamanzi." **8:8** *Bheka u-Isay 7:14. **8:9** *Noma, "Bhincani." **8:10** *Igama lesiHebheru elisho ukuthi "uNkulunkulu unathi" lithi *Imanuweli.* Bheka u-Isay 7:14; 8:8.

**8:16** *Noma, "Songa ubufakazi." #Noma, "esiqondisweni." **8:17** *Noma, "Ngizomlinda ngokulangazela." **8:20** *Noma, "nobufakazi."

ISAHL. 8
a 2Kr 28:19, 20; Isay 7:17, 20; Isay 10:28-32
b Isay 7:14; Mat 1:23
c 2Kr 32:21
d Dut 20:1; Hu 44:3
e Lev 10:3; Lev 22:32

Uhla 2
a Shu 12:13; Mat 10:28
b Mat 21:42, 44; Luk 20:17, 18; Rom 9:31-33; 1Ko 1:23; 1Pe 2:7, 8
c Hu 33:20
d Dut 31:16, 17; Mik 3:4
e Heb 2:13
f Isay 7:14, 16; Isay 8:3, 4
g Lev 20:6; Dut 18:10, 11; Hu 146:4; Shu 9:5, 10

ukukhanya.*[a] 21 Yilowo nalo-
wo uyodabula izwe ecindezele-
kile futhi elambile;[b] ngenxa ye-
ndlala nentukuthelo, uyoqale-
kisa inkosi yakhe noNkulunku-
lu wakhe njengoba ebheka phe-
zulu. 22 Uyobe esebheka em-
hlabeni, abone usizi nobum-
nyama kuphela, indumalo nezi-
khathi ezinzima, isigayegaye
kungekho ukukhanya.

9 Nokho, ubumnyama ngeke
bube njengalapho izwe lali-
cindezeleke khona, njengasesi-
khathini sangaphambili lapho
izwe lakwaZebhuloni nezwe la-
kwaNafetali laliphathwa nge-
ndelelo.[c] Kodwa kamuva uNku-
lunkulu uyobangela ukuba
ihlonishwe indlela eya olwa-
ndle, esifundeni saseJordani,
iGalile lezizwe.

2 Abantu ababehamba ebumnyameni
Babone ukukhanya okukhulu.
Labo abahlala ezweni lobumnyama obukhulu,
Ukukhanya kuye kwakhanya kubo.[d]

3 Wenze isizwe saba nabantu abaningi;
Usenze sathokoza kakhulu.
Siyathokoza phambi kwakho
Njengalapho abantu bethokoza ngesikhathi sokuvuna,
Njengalabo abahlukanisa impango ngenjabulo.

4 Ngoba uliphihlize laba yizicucu ijoka lomthwalo wabo,
Induku esemahlombe abo, ubhoko lwenduna,
Njengasosukwini lukaMidiyani.[e]

5 Wonke amabhuzu azamazamisa umhlaba lapho enyathela
Nazo zonke izingubo ezicwiliswe egazini
Ziyoba ukudla komlilo.

6 Ngoba sizalelwe umntwana,[a]
Siphiwe indodana;
Umbuso* uyoba semahlombe akhe.[b]
Igama lakhe kuyothiwa uMeluleki Omangalisayo,[c] uNkulunkulu Onamandla,[d] uYise Ongunaphakade, iSikhulu Sokuthula.

7 Umbuso* wakhe uyoba mkhulu
Nokuthula ngeke kuphele,[e]
Esihlalweni sobukhosi sikaDavide[f] nasembusweni wakhe
Ukuze umiswe uqine[g] futhi ulondolozwe
Ngobulungisa[h] nangokulunga,[i]
Kusukela manje kuze kube phakade.
UJehova, umholi wamabutho asezulwini, uzokwenza lokhu ngenxa yentshiseko yakhe.

8 UJehova uthumele izwi ngokumelene noJakobe,
Lifikile ngokumelene noIsrayeli.[j]

9 Bonke abantu bayolazi
—U-Efrayimi nezakhamuzi zaseSamariya—
Abathi ngenxa yokuziphakamisa kwabo nangenxa yokweyisa kwenhliziyo yabo:

10 "Izitini ziwile,
Kodwa sizokwakha ngamatshe aqoshiwe.[k]

ISAHL. 8
a IzA 4:19
b Dut 28:15, 48

ISAHL. 9
c 2Kh 15:29
d Mat 4:13-16; Luk 1:78, 79; Luk 2:30-32; Joh 1:9; Joh 8:12
e Hlu 8:12, 28; Isay 10:26, 27

Uhla 2
a Luk 1:35; Luk 2:11
b Gen 49:10; Hu 2:6; Zak 6:13; Luk 22:29; IsA 19:16
c Isay 11:2; Mat 7:28, 29; Mat 12:42
d Hu 45:3; Joh 1:18
e Hu 72:1, 7; Dan 2:44
f Luk 1:32, 33
g 2Sa 7:16, 17; IsA 11:15
h Isay 42:1; Mat 12:18
i Hu 45:6; Isay 32:1; Jer 23:5; Heb 1:8
j 2Kh 17:6
k Amo 5:11

8:20 *NgesiHebheru, "ukukhanya kokuntwela kokusa."

9:6, 7 *Noma, "Uhulumeni; Ukubusa kwesikhulu."

Izihlahla zomsikhamori zigawuliwe,
Kodwa sizosebenzisa imisedari esikhundleni sazo.”
11 UJehova uyovusa izitha zikaRezini ukuba zimelane naye
Uyogqugquzela izitha zakhe ukuba zithathe isinyathelo,
12 ISiriya empumalanga namaFilisti entshonalanga,*[a]
Bayomshwabadela u-Israyeli ngemilomo evulekile.[b]
Ngenxa yakho konke lokhu akayekanga ukuthukuthela,
Kodwa isandla sakhe sisalokhu seluliwe ukuze abashaye.[c]
13 Ngoba abantu ababuyelanga kuLowo obashayayo;
Abamfunanga uJehova wamabutho.[d]
14 UJehova uyonquma kwa-Israyeli
Inhloko nomsila, ihlumela nekhwane,* ngosuku olulodwa.[e]
15 Inhloko ngumuntu osemdala ohlonishwa kakhulu,
Umsila ngumprofethi ofundisa amanga.[f]
16 Labo abahola lesi sizwe bayasinhlanhlathisa,
Nalabo abaholwayo badidekile.
17 Yingakho uJehova engeke ajabule ngezinsizwa zabo,
Ngeke abe nasihe ezintandaneni nakubafelokazi babo
Ngoba bonke bayizihlubuki nabenzi bokubi[g]
Imilomo yabo ikhuluma okungenangqondo.
Ngenxa yakho konke lokhu, akayekanga ukuthukuthela,
Kodwa isandla sakhe sisalokhu seluliwe ukuze abashaye.[a]
18 Ngoba ububi buvutha njengomlilo,
Bushisa izihlahla zameva nokhula.
Buyothungela ihlathi ngomlilo,
Lishunqe ifu lentuthu.
19 Izwe lithungelwe ngomlilo
Ngenxa yolaka lukaJehova wamabutho,
Abantu bayoba ukudla komlilo.
Akekho oyosindisa ngisho nomfowabo.
20 Umuntu uyosika inyama ngakwesokudla
Kodwa uyolokhu elambile;
Umuntu uyodla ngakwesobunxele
Kodwa ngeke asuthe.
Yilowo nalowo uyodla inyama yengalo yakhe,
21 UManase uyoshwabadela u-Efrayimi,
No-Efrayimi ashwabadele uManase.
Bobabili bayomelana noJuda.[b]
Ngenxa yakho konke lokhu, akayekanga ukuthukuthela,
Kodwa isandla sakhe sisalokhu seluliwe ukuze abashaye.[c]

**10** Maye kulabo abamisa iziqondiso ezilimazayo,[d]
Labo abahlale bebhala imithetho ecindezelayo,
2 Ukuze bangamenzeli ubulungisa ompofu,
Ukuze bavimbele abaphansi phakathi kwabantu bami ukuba bangabutholi ubulungisa,[e]

ISAHL. 9
a 2Kr 28:18
b Dut 31:17
c Isay 5:25; Isay 10:4
d 2Kh 17:13, 14; Hos 7:10; Amo 4:6; Amo 5:6
e 2Kh 17:6; Hos 10:15
f Dut 13:1-3
g Dut 4:25, 26

Uhla 2
a Isay 5:25
b 2Kr 28:6
c Isay 5:25

ISAHL. 10
d Lev 19:15; Dut 1:16, 17
e Amo 2:7, 8

**9:12** *NgesiHebheru, “ngemuva.” **9:14** *Noma kungaba, “igatsha lesundu nomhlanga.”

Bathathe impahla yabafelo-
kazi,
Baphange nempahla yezi-
ntandane![a]
3 Niyokwenzenjani ngosuku
lokujeziswa,[b]
Lapho imbubhiso ifika ivela
kude?[c]
Niyobalekela kubani ukuze
nithole usizo,[d]
Niyoyishiyaphi ingcebo*
yenu?
4 Akukho lutho olusele nga-
phandle kokuba umuntu
akhothame phakathi kwe-
ziboshwa
Noma abulawe kanye naba-
bulewe.
Ngenxa yakho konke lokhu,
akayekanga* ukuthuku-
thela,
Kodwa isandla sakhe sisa-
lokhu seluliwe ukuze aba-
shaye.[e]
5 "Bheka, umAsiriya![f]
Uyinduku engibonisa nga-
yo intukuthelo yami,[g]
Ngisebenzisa induku esesa-
ndleni sakhe ukuze ngije-
zise!
6 Ngizomthuma amelane ne-
sizwe esihlubukayo,[h]
Amelane nesizwe esingica-
sulile;
Ngizomyala ukuba
athathe impango eningi,
ayiqhwage
Nokuba asinyathele njengo-
daka emigwaqweni.[i]
7 Kodwa ngeke kufike kuye
ukwenza kanjalo
Inhliziyo yakhe ngeke ica-
bange ngale ndlela;
Ngoba ukuqothula kuse-
nhliziyweni yakhe,
Nokuqeda izizwe eziningi,
hhayi nje ezimbalwa.

10:3 *Noma, "inkazimulo." 10:4 *Noma, "uNkulunkulu akayekanga."

ISAHL. 10
a Dut 27:19
Jak 1:27
b Hos 9:7
c Dut 28:49, 50
d Hos 5:13
e Isay 5:25
Isay 9:12
f Gen 10:9, 11
g 2Kh 17:3
Isay 8:3, 4
Isay 10:24
h 2Kh 17:6
i Dut 28:45, 63
2Kh 17:22, 23

Uhla 2
a 2Kh 18:19, 24
b Amo 6:2
c 2Kr 35:20
d 2Kh 17:24
e 2Kh 19:11, 13
f 2Kh 17:5
2Kh 18:9, 10
g 2Kh 16:8, 9
h 2Kh 19:17, 18
i 2Kh 18:33, 34
2Kr 32:16, 19
j 2Kh 18:19
2Kh 18:28, 35
k 2Kh 15:29
2Kh 17:6
2Kh 18:11
1Kr 5:26
l 2Kh 16:8
2Kh 18:16
m 2Kh 18:19, 25

8 Ngoba uthi,
'Zonke izikhulu zami aziwo-
na yini amakhosi?[a]
9 IKhalino[b] alifani yini nca-
mashi neKharikemishi?[c]
IHamati[d] alifani yini ne-Ari-
padi?[e]
ISamariya[f] alifani yini ne-
Damaseku?[g]
10 Isandla sami sibambe imi-
buso yonkulunkulu aba-
ngasizi ngalutho,
Imifanekiso yabo ebaziwe
eyayiminingi kuneyaseJe-
rusalema naseSamariya![h]
11 Ngeke yini ngenze okufana-
yo kulo iJerusalema nase-
zithixweni zalo
Njengoba nje ngenze kulo
iSamariya nakonkulunku-
lu balo abangasizi ngalu-
tho?'[i]

12 "Lapho uJehova eqeda
wonke umsebenzi wakhe eNta-
beni iZiyoni naseJerusalema,
uyojezisa* inkosi yase-Asiriya
ngenxa yenhliziyo yayo edele-
layo nangenxa yamehlo ayo
aqhoshayo naziphakamisayo.[j]
13 Ngoba ithi,
'Ngizokwenza lokhu ngesa-
ndla sami esinamandla
Nangokuhlakanipha
kwami, ngoba ngihlakani-
phile.
Ngizoyisusa imingcele
yezizwe[k]
Ngiphange ingcebo yazo,[l]
Ngizozinqoba izakhamuzi
njengonamandla.[m]
14 Isandla sami siyothatha
umnotho walezi zizwe,
Njengomuntu efaka isandla
esidlekeni;
Ngiyowubutha wonke um-
hlaba,
Njengomuntu eqoqa ama-
qanda ashiywe wodwa!

10:12 *NgesiHebheru, "ngiyojezisa."

Akukho muntu ozobhakuzi-
sa amaphiko akhe noma
ozovula umlomo noma
atshiyoze.'"
15 Ingabe imbazo ingaziphaka-
misa ngaphezu kwalowo
ocanda ngayo?
Isaha lingaziphakamisa yini
ngaphezu kwalowo osaha
ngalo?
Udondolo[a] lungamphakami-
sa yini lowo oluphethe?
Noma induku ingamphaka-
misa yini lowo ongelona
ukhuni?
16 Ngakho-ke iNkosi yeqiniso,
uJehova wamabutho,
Iyobenza bazace abakhulu-
phele bayo,[b]
Ngaphansi kwenkazimulo
yayo iyokokhela umlilo
ovutha amalangabi.[c]
17 UkuKhanya kuka-Israyeli[d]
kuzoba ngumlilo,[e]
ONgcwele wakhe abe yila-
ngabi;
Kuzovutha kushise ukhula
lwakhe nezihlahla zakhe
zameva ngosuku olulo-
dwa.
18 Uzoyiqeda ngokuphelele
inkazimulo yehlathi lakhe
neyengadi yakhe yezi-
thelo;
Kuyoba njengalapho umu-
ntu ogulayo ezaca
ephela.[f]
19 Zonke ezinye izihlahla ze-
hlathi lakhe
Ziyoba mbalwa kakhulu ka-
ngangokuthi umfana om-
ncane angazibala.
20 Ngalolo suku abasele ba-
kwa-Israyeli
Nabasindile bendlu kaJa-
kobe
Ngeke besancika kulowo
obahlaselayo;[g]
Kodwa bayoncika kuJe-
hova,
ONgcwele ka-Israyeli, ngo-
kwethembeka.
21 Yinsali kuphela eyobuya,
Yinsali kaJakobe eyobuye-
la kuNkulunkulu Onama-
ndla.[a]
22 Ngoba nakuba abantu ba-
kho Israyeli,
Bengangesihlabathi solwa-
ndle,
Yinsali kuphela phakathi
kwabo eyobuya.[b]
UNkulunkulu unqume uku-
baqothula,[c]
Bazobhekana
nobulungisa.*[d]
23 Yebo, isinqumo seNkosi
EnguMbusi, uJehova wa-
mabutho sokubaqothula,
Sizokwenziwa kulo lonke
izwe.[e]

24 Ngakho-ke yilokhu iNko-
si EnguMbusi, uJehova wa-
mabutho, ekushoyo: "Ningesa-
bi bantu bami abahlala eZi-
yoni, ngenxa yomAsiriya, owa-
yenishaya ngenduku[f] nowaye-
niphakamisela udondolo lwa-
khe njengoba kwakwenza iGi-
bhithe.[g] 25 Ngoba maduzane
ukunilahla kuzophela; intuku-
thelo yami izongenza ngimbhu-
bhise.[h] 26 UJehova wamabu-
tho uzomphakamisela isiswe-
bhu[i] njengalapho enqoba uMi-
diyani ngasedwaleni i-Orebi.[j]
Udondolo lwakhe luyoba phe-
zu kolwandle, uyoluphakamisa
njengoba enza ngeGibhithe.[k]
27 "Ngalolo suku umthwalo
wakhe uyosuka ehlombe
lakho,[l]
Nejoka lakhe entanyeni ya-
kho,[m]
Ijoka liyophuka[n] ngenxa ya-
mafutha."*

**10:22** *Noma, "Bazojeziswa." **10:27** *Kungenzeka ukuthi kushiwo amafutha ayesetshenziselwa ukubasa, noma okwakugcotshwa ngawo amakhosi.

ISAHL. 10
a Isay 10:5
b 2Kr 32:21
c Isay 30:30, 31
d Hu 84:11
e Isay 9:5; Isay 30:27; Isay 31:8, 9; Nah 1:6
f Isay 37:36
g 2Kr 28:20, 21; Hos 5:13; Hos 14:3

Uhla 2
a Isay 65:9; Hos 1:10, 11
b Isay 1:9
c Isay 28:22
d Rom 9:27, 28
e Dut 28:45, 63
f 2Kh 18:13; Isay 10:5
g Eks 14:3, 9
h 2Kh 19:35
i 2Kr 32:21; Isay 30:32; Nah 3:7
j Hlu 7:25; Hlu 8:21; Hu 83:11
k Eks 14:21, 27
l Isay 9:4; Nah 1:13
m Isay 14:25
n 2Kh 19:35; Isay 37:35, 36

28 Ufikile e-Ayati;[a]
Wadlula eMigironi;
Wabeka imithwalo yakhe eMikimashi.[b]
29 Uwele ezibukweni;
Wachitha ubusuku eGeba;[c]
IRama liyathuthumela, iGibheya[d] likaSawule libalekile.[e]
30 Khala umemeze, ndodakazi yaseGalimi!
O Layisha, lalela.
Awu, Anathoti bandla![f]
31 IMadimena libalekile.
Izakhamuzi zaseGebhimi zibalekele endaweni yokukhosela.
32 Ngalo kanye lolu suku uyoma eNobi.[g]
Uyisikaza ngenqindi intaba yendodakazi yaseZiyoni,
Igquma laseJerusalema.
33 Bheka! INkosi yeqiniso, uJehova wamabutho,
Inquma amagatsha, afohloke ngendlela eyesabekayo;[h]
Izihlahla ezinde kakhulu ziyagawulwa,
Eziphakeme ziyathotshiswa.
34 Ugawula ihlathi ngethuluzi lensimbi,*
ILebhanoni liyowiswa ngonamandla.

11 Kuyomila ihlumela[i] esiqwini* sikaJese,[j]
Ezimpandeni zakhe ihlumela[k] liyothela izithelo.
2 Umoya kaJehova uyohlala phezu kwakhe,*[l]
Umoya wokuhlakanipha[m] nowokuqonda,
Umoya weseluleko nowamandla,[n]
Umoya wolwazi nowokwesaba uJehova.
3 Uyojabula ngokwesaba uJehova.[a]
Ngeke ahlulele ngokwalokho akubona ngamehlo akhe,
Noma amane asole ngokwalokho akuzwa ngezindlebe.[b]
4 Uyokwahlulela abantu abahluphekile ngokulunga,*
Uyosola ngobuqotho ngenxa yabantu abamnene basemhlabeni.
Amazwi akhe ayoba yinduku ayoshaya ngayo umhlaba[c]
Uyobulala ababi ngomoya wezindebe zakhe.[d]
5 Ukulunga kuyoba yibhande elisokhalweni lwakhe,
Nokwethembeka kube yibhande lezinqulu zakhe.[e]
6 Impisi iyohlala* newundlu,#[f]
Ingwe ilale ndawonye nezinyane lembuzi,
Ithole nebhubesi△ nesilwane esikhuluphele konke kuyoba ndawonye;⊠[g]
Nomfanyana uyokuhola.
7 Inkomo nebhere kuyodla ndawonye,
Amankonyane ako alale ndawonye.
Ibhubesi liyodla utshani njengenkunzi.[h]
8 Umntwana oncelayo uyodlala phezu komgodi wemfezi,
Ingane eyekiswe ibele iyofaka isandla sayo emgodini wenyoka enobuthi.
9 Ngeke neze kulimaze[i]
Noma kubangele

**ISAHL. 10**
a Jos 7:2
b 1Sa 13:2; 1Sa 14:31
c Jos 21:8, 17; 2Kr 16:6
d Hlu 20:13
e Hos 5:8
f Jos 21:8, 18; Jer 1:1
g 1Sa 22:18, 19
h 2Kr 32:21; Isay 37:36

**ISAHL. 11**
i Hu 132:11; Isay 53:2; IsA 5:5; IsA 22:16
j Rut 4:17; 1Sa 17:58; Mat 1:1, 6; Luk 3:23, 32; IzE 13:22, 23; Rom 15:12
k Jer 23:5; Jer 33:15; Zak 3:8; Zak 6:12
l Isay 42:1; Joh 1:32; IzE 10:38
m Luk 2:52
n Isay 9:6

**Uhla 2**
a Heb 5:7
b Joh 7:24; Joh 8:16
c Hu 2:9; Hu 110:2; IsA 19:11, 15
d 2Th 2:8
e IsA 3:14
f Isay 65:25
g Hez 34:25
h Hos 2:18
i Isay 2:4; Isay 35:9; Isay 60:18; Mik 4:4

**10:34** *Noma, "ngembazo." **11:1** *Noma, "esiphunzini." **11:2** *Kubhekiselwa ehlumeleni.

**11:4** *Noma, "ngobulungisa." **11:6** *Noma, "iyohlala isikhashana." #Noma, "nezinyane lemvu." △Noma, "nebhubesi eliselincane elinomhlwenga." ⊠Noma kungaba, "Ithole nebhubesi kuyodla ndawonye."

umonakalo kuyo yonke
intaba yami engcwele,[a]
Ngoba nakanjani umhlaba
uyogcwala ulwazi ngoJe-
hova
Njengamanzi egcwalisa
ulwandle.[b]
10 Ngalolo suku impande ka-
Jese[c] iyoma njengesibo-
nakaliso* ezizweni.[d]
Izizwe ziyophendukela
kuye ukuze zithole isiqo-
ndiso,[#e]
Indawo yakhe yokuphumu-
la iyokhazimula.

11 Ngalolo suku uJehova
uyophinda elule isandla sa-
khe, okwesibili, ukuze alande
abantu bakhe abasele e-Asiri-
ya,[f] eGibhithe,[g] ePhatirosi,[h]
eKushe,[i] e-Elamu,[j] eShinari,*
eHamati naseziqhingini zolwa-
ndle.[k] 12 Uyophakamisela izi-
zwe isibonakaliso* futhi aqoqe
abahlakazekile bakwa-Israyeli,[l]
uyobaqoqela ndawonye aba-
hlakazekile bakwaJuda bevela
emagumbini amane omhlaba.[m]

13 Umona ka-Efrayimi uyo-
phela,[n]
Nalabo ababonisa ubutha
kuJuda bayoqedwa.
U-Efrayimi ngeke abe no-
mona ngoJuda,
NoJuda ngeke abonise ubu-
tha ku-Efrayimi.[o]
14 Bayohlasela izindawo eze-
hlelayo* zamaFilisti nga-
sentshonalanga;
Ndawonye bayophanga aba-
ntu baseMpumalanga.
Bayomnqoba[#] u-Edomi[p] no-
Mowabi,[q]
Abakwa-Amoni bayoba yizi-
khonzi zabo.[a]
15 UJehova uyohlukanisa*
itheku[#] lolwandle lwase-
Gibhithe[b]
Asikaze ngesandla sakhe
phezu koMfula.[△c]
Ngomoya wakhe oshisayo
uyoshaya imifudlana
yawo eyisikhombisa,
Uyobangela abantu ukuba
bawele ngezimbadada
zabo.
16 Kuyoba khona umgwaqo
omkhulu[d] ophuma e-Asi-
riya, wabantu bakhe aba-
sele ababesindile,[e]
Njengoba nje waba
khona oka-Israyeli ngosu-
ku aphuma ngalo ezweni
laseGibhithe.

# 12

Ngalolo suku ngokuqini-
sekile uyothi:
"O Jehova, ngiyakubonga,
Ngoba nakuba wawungithu-
kuthelele,
Kancane kancane intuku-
thelo yakho yabohla wabe
usungiduduza.[f]
2 Bheka! UNkulunkulu uyi-
nsindiso yami.[g]
Ngizothembela kuye futhi
ngeke ngesabe;[h]
Ngoba uJah,* uJehova uyi-
zikhwepha zami nama-
ndla ami,
Usebe yinsindiso yami."[i]
3 Niyokha amanzi ngenjabulo
Emithonjeni yensindiso.[j]
4 Ngalolo suku niyothi:
"Mbongeni uJehova, nibize
igama lakhe,
Yenzani izenzo zakhe zazi-
we phakathi kwezizwe![k]
Yishoni ukuthi igama lakhe
liphakanyisiwe.[l]

**11:10** *Noma, "njengesigxobo esiwuphawu." #Noma, "Izizwe ziyomfuna." **11:11** *Okuwukuthi, eBhabhiloni. **11:12** *Noma, "isigxobo esiwuphawu." **11:14** *NgesiHebheru, "ihlombe." #Noma, "Bayoba negunya."

**11:15** *Noma kungaba, "uyokomisa." #NgesiHebheru, "ulimi." △Okuwukuthi, i-Ewufrathe. **12:2** *Elithi "Jah" liyisifushaniso segama elithi Jehova.

ISAHL. 11
a Isay 51:3; Isay 56:7; Isay 65:25
b Hu 22:27; Hab 2:14
c Rom 15:12; IsA 22:16
d Gen 49:10; Isay 49:22; Isay 62:10
e IzE 11:18; IzE 28:28
f Isay 11:16
g Isay 27:13; Jer 44:28; Mik 7:12
h Jer 44:15
i Zef 3:10
j Dan 8:2
k Isay 66:19
l Ezr 1:2, 3; Isay 49:22; Isay 62:10
m Hu 147:2; Isay 66:20
n 2Kr 30:1, 10; Jer 31:6
o Jer 3:18; Hez 37:16, 19; Hos 1:11
p Amo 9:11, 12; Obad 18
q Isay 25:10

Uhla 2
a Jer 49:2
b Eks 14:22
c Gen 15:18
d Isay 19:23; Isay 27:13; Isay 35:8; Isay 40:3; Isay 57:14; Jer 31:21
e Ezr 1:2, 3

ISAHL. 12
f Dut 30:3; Hu 30:5; Hu 85:1; Hu 126:1; Isay 40:2; Isay 66:13
g Isay 45:17
h Isay 26:4
i Hu 118:14; Hos 1:7
j Isay 49:10
k 1Kr 16:8; Hu 105:1, 2
l Eks 15:2

5 Hubelani* uJehova,[a] ngoba
uye wenza izinto ezimangalisayo.[b]
Lokhu makumenyezelwe kuwo wonke umhlaba.
6 Memeza ngenjabulo wena ohlala* eZiyoni,
Ngoba oNgcwele ka-Israyeli mkhulu phakathi kwakho."

13 Isimemezelo esimelene neBhabhiloni[c] u-Isaya[d] indodana ka-Amozi asibona embonweni:
2 "Phakamisani isibonakaliso*[e] phezu kwentaba yamadwala angenalutho.
Bamemezeni, baqhwebeni ngesandla,
Ukuze beze bangene ngeminyango yezicukuthwane.
3 Ngikhiphe umyalo kulabo engibakhethile.*[f]
Ngibize amaqhawe ami ukuze ngibonise intukuthelo yami,
Abantu bami bajabula ngokuziqhenya.
4 Lalela! Isixuku ezintabeni;
Kuzwakala sengathi abantu abaningi!
Lalela! Ukuxokozela kwemibuso,
Kwezizwe ezibuthene ndawonye![g]
UJehova wamabutho ubutha ibutho lempi.[h]
5 Bavela ezweni elikude,[i]
Emkhawulweni wamazulu,
UJehova nezikhali zolaka lwakhe bayeza,
Ukuze bachithe umhlaba wonke.[a]
6 Khalani kakhulu, ngoba usuku lukaJehova luseduze!
Luzofika njengembubhiso evela kuMninimandla Onke.[b]
7 Yingakho zonke izandla ziyoyetha,
Inhliziyo yawo wonke umuntu iyoshaywa uvalo.[c]
8 Abantu bethukile.[d]
Babanjwe yinkwantshu nezinhlungu,
Njengowesifazane osikwayo.
Bayabhekana beshaqekile,
Ubuso bugcwele usizi.
9 Bheka! Usuku lukaJehova luyeza,
Lunonya oluhambisana nolaka nentukuthelo evuthayo,
Ukuze lenze izwe libe yinto eshaqisayo,[e]
Lubhuqe nezoni zezwe ziphele kulo.
10 Ngoba izinkanyezi zamazulu nemilaza* yazo#[f]
Ngeke kukhanyise;
Ilanga liyoba mnyama lapho liphuma,
Nenyanga ngeke ikhanyise.
11 Ngizowujezisa umhlaba ngenxa yobubi bawo,[g]
Nababi ngenxa yesiphambeko sabo.
Ngizokuqeda ukuziqhenya kwabaqhoshayo,
Ngithobise nomashiqela abaziphakamisayo.[h]
12 Ngizokwenza ukuba umuntu ofayo abe yivelakancane kunegolide elicwengiwe,[i]

ISAHL. 12
a Hu 149:3
b Hu 98:1

ISAHL. 13
c Jer 25:12, Jer 50:1-3, IsA 18:2
d Isay 1:1
e Jer 51:12, Jer 51:27, 28
f Isay 45:1
g Dan 5:28
h Jer 50:15
i Jer 50:9, Jer 51:28

Uhla 2
a Jer 51:11
b Isay 13:18, Jer 50:13
c Jer 50:43
d Dan 5:6
e Jer 50:23, 29
f Job 9:9, Job 38:31, Amo 5:8
g Hu 137:8, Jer 51:37, IsA 18:2
h Jer 50:29, Dan 5:22, 23
i Jer 50:30, Jer 51:3, 4

12:5 *Noma, "Mdlaleleni izinsimbi zomculo." 12:6 *NgesiHebheru, "wesifazane ohlala," kubhekiselwa kubo bonke abantu abahlala khona ngokuthi owesifazane. 13:2 *Noma, "isigxobo esiwuphawu." 13:3 *NgesiHebheru, "abangcwelisiwe."

13:10 *Amaqoqo ezinkanyezi. #NgesiHebheru, "namaKhesili azo," cishe kushiwo i-Oriyoni namanye amaqoqo ezinkanyezi ayizungezile.

Abantu babe yivelakancane
kunegolide lase-Ofiri.[a]
13 Yingakho ngizobangela
ukuba amazulu athuthumele,
Nomhlaba uyozamazama
usuke endaweni yawo[b]
Ngenxa yolaka lukaJehova
wamabutho ngosuku lwentukuthelo yakhe evuthayo.
14 Njengenyamazane ezingelwayo nanjengomhlambi
wezimvu ongenamuntu
owuqoqayo,
Yilowo nalowo uyobuyela
kubantu bakubo;
Yilowo nalowo uyobalekela
ezweni lakubo.[c]
15 Noma ubani otholakalayo
uyogwazwa,
Nanoma ubani obanjwayo
uyobulawa ngenkemba.[d]
16 Abantwana babo bayophahlazwa phambi kwamehlo
abo,[e]
Izindlu zabo ziyophangwa,
Nomkabo bayodlwengulwa.
17 Bheka ngibavusela amaMede ukuba abahlasele,[f]
Lawo abheka isiliva njengelingelutho
Angajatshuliswa yigolide.
18 Iminsalo yawo iyophahlaza
izinsizwa;[g]
Ngeke abe naluzwela ngesithelo sesisu
Ngeke abe nasihe ezinganeni.
19 IBhabhiloni, umbuso okhazimula kakhulu,*[h]
Ubuhle nokuziqhenya kwamaKhaledi,[i]
Liyoba njengeSodoma neGomora lapho uNkulunkulu ebabhubhisa.[j]
20 Ngeke liphinde lakhiwe,
Ngeke kuphinde kuhlalwe
kulo izizukulwane ngezizukulwane.[a]
Akekho umArabhu oyogxumeka itende lakhe khona,
Abekho abelusi abayodedela imihlambi yabo ilale
khona.
21 Izilwane zasogwadule ziyolala khona;
Izindlu zakhona ziyogcwala
izikhova.
Izintshe ziyohlala khona,[b]
Nezimbuzi zasendle* ziyotshakadula khona.
22 Izilwane ezihewulayo ziyohewula emibhoshongweni
yalo,
Nezimpungushe ezigodlweni zalo ezinhle.
Usuku lwalo luseduze, izinsuku zalo zibaliwe."[c]

14 UJehova uyobonisa isihe
kuJakobe,[d] usazowakhetha ama-Israyeli.[e] Uyowahlalisa* ezweni lawo,[f] izifiki ziyozihlanganisa nawo, zinamathele endlini kaJakobe.[g]
2 Izizwe ziyowathatha ziwayise endaweni yawo, indlu ka-Israyeli iyozithathela zona zibe yizincekú nezincekukazi[h] ezweni likaJehova; iyothumba labo ababeyithumbile, futhi iyothotshelwa yilabo ababeyiphoqa ukuba isebenze.*
3 Ngosuku uJehova ayokuphumuza ngalo ebuhlungwini bakho nasekukhathazekeni kwakho nasekugqilazekeni kanzima oye wabhekana nakho,[i]
4 uyosho lesi saga ngokumelene nenkosi* yaseBhabhiloni uthi:
"Yeka indlela afinyelele
ngayo esiphethweni sakhe lowo ogqilaza abanye!

ISAHL. 13
a 1Kh 10:11
b Jer 51:29
c Jer 50:16
d Jer 51:3, 4
e Hu 137:8, 9
f Isay 21:2; Jer 50:9; Jer 51:11; Dan 5:30, 31
g Jer 50:14
h Isay 47:5; Dan 4:30
i Isay 47:1
j Gen 19:24, 25; Jer 50:40

Uhla 2
a Jer 50:3, 13; Jer 51:29, 37; IsA 18:21
b IsA 18:2
c Jer 51:33

ISAHL. 14
d Lev 26:42
e Zak 1:17
f Dut 30:1-3; Isay 66:20; Jer 24:6; Hez 36:24
g Isay 56:6, 7; Isay 60:3; Zak 8:22, 23
h Isay 61:5; Zak 2:8, 9
i Ezr 3:1; Ezr 9:8; Jer 30:10

13:19 *Noma, "umhlobiso wemibuso."

13:21 *Noma kungaba, "Namademoni amise okwezimbuzi." 14:1 *Noma, "Uyowanika ukuphumula." 14:2 *Noma, "ababeyigqilaza." 14:4 *Noma, "uyoyiklolodela inkosi."

Kuphelile ukucindezela![a]
5 UJehova uyiphulile induku yababi,
Udondolo lwababusi,[b]
6 Lowo oshaya izizwe ngolaka ngemivimbo engapheli,[c]
Lowo ngentukuthelo onqoba izizwe ngoshushiso olungapheli.[d]
7 Wonke umhlaba usuphumule, awusenazo iziphazamiso.
Abantu bamemeza ngenjabulo.[e]
8 Ngisho nezihlahla zomjunipha ziyajabula ngawe,
Kanye nezemisedari yaseLebhanoni.
Zithi, 'Selokhu wawa,
Akekho ozayo ezosigawula.'
9 Ngisho neThuna* ngaphansi liyanyakaza
Ukuze likuhlangabeze lapho ufika.
Ngenxa yakho, livusa abangenamandla ekufeni,
Bonke abaholi bomhlaba abacindezelayo.#
Lisukumisa wonke amakhosi ezizwe ezihlalweni zawo zobukhosi.
10 Wonke akhuluma nawe athi,
'Ingabe nawe usubuthakathaka njengathi?
Ingabe usufana nathi?
11 Ukuziqhenya kwakho kwehliselwe eThuneni,*
Umsindo wezinsimbi zakho zomculo ezinezintambo.[f]
Ngaphansi kwakho kwendlaleke izimpethu njengombhede,
Wembozwe izibungu.'
12 Yeka indlela owe ngayo ezulwini,
Wena okhanyayo, ndodana yokusa!
Usugawulelwe phansi emhlabeni,
Wena owawunqoba izizwe![a]
13 Uthe enhliziyweni yakho,
'Ngizokwenyukela emazulwini.[b]
Ngizophakamisela isihlalo sami sobukhosi ngaphezu kwezinkanyezi zikaNkulunkulu,[c]
Ngizohlala entabeni yokuhlangana,
Ezingxenyeni ezikude kakhulu zenyakatho.[d]
14 Ngizokwenyukela ngaphezu kwamafu;
Ngizozenza ngifane noPhezukonke.'
15 Nokho, uzokwehliselwa phansi eThuneni,*
Ekujuleni kwegodi.
16 Abakubonayo bayokugqolozela;
Bayokubhekisisa, bathi,
'Nguye yini lo muntu owayenyakazisa umhlaba,
Owayethuthumelisa imibuso,[e]
17 Owenza umhlaba waba njengehlane
Nowagumbuqela amadolobha awo,[f]
Owenqaba ukudedela iziboshwa zakhe zibuyele ekhaya?'[g]
18 Wonke amanye amakhosi ezizwe,
Yebo, wonke ngothi lwawo, alala ngenkazimulo,
Yileyo naleyo ethuneni layo.*

ISAHL. 14
a Jer 50:23
b Hu 125:3
c 2Kr 36:17 Jer 50:17
d Hab 1:6 Zak 1:15
e Hu 126:2 Isay 49:13 Jer 51:48 IsA 18:20
f IsA 18:22

Uhla 2
a 2Kr 36:17 Jer 51:7 Hez 29:19 Dan 5:18, 19
b Isay 47:7 Dan 4:30
c Dan 5:22, 23
d Hu 48:1, 2
e Jer 51:25
f 2Kh 25:21 Isay 64:10
g 2Kh 24:12, 14 2Kh 25:11

14:9 *Noma, "neShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. #NgesiHebheru, "abanjengezimpongo." 14:11, 15 *Noma, "eShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

14:18 *NgesiHebheru, "endlini yayo."

19 Kodwa wena ulahliwe wa-
ngangcwatshwa ethuneni,
Njengehlumela* elinyanye-
kayo,
Wembethe ababulewe aba-
begwazwe ngenkemba
Abehlela ematsheni egodi,
Njengesidumbu esinyathe-
liwe.
20 Ngeke ungcwatshwe nama-
khosi ethuneni,
Ngoba walicekela phansi
izwe lakho,
Wabulala abantu bakho.
Ngeke kusaphinde kukhulu-
nywe ngegama lenzalo ya-
benzi bokubi.
21 Lungisani isigodo okuzobu-
lawelwa kuso amadodana
akhe
Ngenxa yesono sokhokho
bawo,
Ukuze angavuki athathe
umhlaba
Agcwalise izwe ngamadolo-
bha awo."
22 "Ngizowavukela,"[a] kusho
uJehova wamabutho.
"Ngizosula eBhabhiloni iga-
ma nensali nenzalo nesizuku-
lwane esizayo," kusho uJe-
hova.[b]
23 "Ngizolenza libe yindawo
yokuhlala izingungumbane ne-
ndawo enamachibi amanzi, ngi-
lishanele ngomshanelo obhuqa-
yo,"[c] kusho uJehova wamabu-
tho.
24 UJehova wamabutho ufu-
ngile, wathi:
"Njengoba nje bengihlosile,
kuzokwenzeka kanjalo,
Nanjengoba nje nginqu-
mile, yilokho okuzokwe-
nzeka.
25 Ngizomphihliza umAsiriya
ezweni lami,
Ngimnyathele ezintabeni
zami.[d]
Ijoka lakhe lizosuswa kuba-
ntu bami,
Nomthwalo wakhe ususwe
emahlombe abo."[a]
26 Yilokhu okunqunyiwe* ngo-
kumelene nawo wonke
umhlaba,
Yilesi isandla esiluliwe#
ngokumelene nazo zonke
izizwe.
27 Ngoba uJehova wamabutho
wenze isinqumo,
Ubani ongasibhuntshisa?[b]
Isandla sakhe seluliwe,
Ubani ongasibuyisa?[c]
28 Ngonyaka eyafa ngawo
iNkosi u-Ahazi[d] kwenziwa
lesi simemezelo:
29 "Ungajabuli Filistiya, nano-
ma ngubani okuwe,
Ngenxa nje yokuthi induku
yalowo okushayayo iphu-
kile.
Ngoba empandeni yenyoka[e]
kuyovela inyoka enesihlu-
ngu,[f]
Inzalo yayo kuyoba yinyoka
yomlilo endizayo.*
30 Ngesikhathi amazibulo aba-
ntu abahluphekile edla,
Nabampofu belala ngokulo-
ndeka,
Ngiyobulala impande yakho
ngendlala,
Konke okwakho okusele
kuyobulawa.[g]
31 Hewula sango! Memeza do-
lobha!
Nonke niyophela amandla,
O Filistiya!
Ngoba kuza intuthu ivela
enyakatho,
Akekho ohudula izinyawo
ebuthweni lesitha."
32 Bayoziphendula bathini izi-
thunywa zesizwe?

---

14:19 *Noma, "Njengegatsha."

14:26 *NgesiHebheru, "Yilesi isinqumo esinqunyiwe." #Noma, "esilungele ukushaya." 14:29 *Noma, "yinyoka enesihlungu esheshayo."

ISAHL. 14
a Isay 43:14; Jer 50:25; Jer 51:56
b Jer 51:62
c Isay 13:1, 21; Jer 50:35, 39; IsA 18:2
d 2Kr 32:21, 22; Isay 30:31; Isay 31:8; Isay 37:36, 37

Uhla 2
a Isay 10:24
b Hu 33:11; IzA 19:21; IzA 21:30; Isay 46:11
c 2Kr 20:5, 6; Isay 43:13
d 2Kh 16:20; 2Kr 28:27
e 2Kr 26:3, 6
f 2Kh 18:1, 8
g Jer 47:1; Hez 25:16; Jow 3:4; Amo 1:6-8; Zef 2:4; Zak 9:5

Ngokuthi uJehova usibekile isisekelo seZiyoni,[a]
Nangokuthi abahluphekile kubantu bakhe bayophephela kulo.

15 Isimemezelo ngokumelene noMowabi:[b]
Ngenxa yokuthi linqotshwe ngobusuku obubodwa,
I-Ari[c] lakwaMowabi lithulisiwe.
Ngenxa yokuthi linqontshwe ngobusuku obubodwa,
IKhiri[d] lakwaMowabi lithulisiwe.
2 Abantu bakhuphukele eThempelini* naseDiboni,[e]
Ezindaweni eziphakeme ukuze bayokhala.
UMowabi ulilela iNebo[f] neMedeba.[g]
Wonke amakhanda aphuciwe,[h] zonke izintshebe zigundiwe.[i]
3 Emigwaqweni yalo bagqoke indwangu yesaka.
Phezu kophahla lwezindlu zabo nasezigcawini zabo bonke bayalila;
Bayehla bekhala.[j]
4 IHeshibhoni ne-Eliyale[k] kuyakhala;
Izwi lawo lizwakala ngisho naseJahazi.[l]
Yingakho amadoda ahlomile akwaMowabi elokhu ememeza.
Abantu bethukile.
5 Inhliziyo yami iyamkhalela uMowabi.
Ababaleki bakhe babaleke baze bayofika eZowari[m] nase-Egilathi-shelishiya.[n]
Bayakhala njengoba bekhuphuka emqanseni wase-Luhithe;
Endleleni eya eHoronayimi bayakhala ngenxa yale nhlekelele.[a]
6 Ngoba amanzi aseNimrimi ashile;
Utshani obuluhlaza bomile,
Utshani buphelile, akusekho okuluhlaza.
7 Yingakho behamba nokusele kulokho ababekugcinile nomcebo wabo;
Bawela isigodi* sobhabhulini.
8 Ngoba ukukhala kuzwakala kuyo yonke indawo yakwaMowabi.[b]
Isililo sizwakala e-Egilayimu;
Isililo sizwakala eBherielimi.
9 Ngoba amanzi aseDimoni agcwele igazi,
Kuningi engikugcinele iDimoni:
Abaphunyukile bakwaMowabi ngibabekele ibhubesi
Kanye nalabo abasele ezweni.[c]

16 Thumelani inqama kumbusi wezwe,
Isuke eSela inqamule ehlane
Iye entabeni yendodakazi yaseZiyoni.
2 Njengenyoni exoshwe esidlekeni sayo,[d]
Kanjalo amadodakazi akwaMowabi ayoba semazibukweni ase-Arinoni.[e]
3 “Nikezani iseluleko, nikhiphe isinqumo.
Nikezani isivikelo emini bebade ngesithunzi esimnyama njengobusuku.
Bacashiseni abahlakazekile, ningabakhapheli labo ababalekayo.

15:2 * Noma, “eNdlini.”

15:7 * Noma, “emhosheni.”

ISAHL. 14
a Hu 48:1-3 Hu 87:1, 2 Hu 132:13, 14

ISAHL. 15
b Jer 9:25, 26 Hez 25:11
c Num 21:28 Dut 2:9
d 2Kh 3:24, 25 Jer 48:31
e Jer 48:18
f Jer 48:1
g Num 21:30 Jos 13:15-17
h Dut 14:1
i Jer 48:36, 37
j Jer 48:38
k Num 32:37 Isay 16:9
l Hlu 11:20
m Gen 13:10
n Jer 48:34

Uhla 2
a Jer 48:3, 5
b Jer 48:20
c 2Kh 17:25, 26

ISAHL. 16
d Jer 48:19
e Num 21:13

4 Kwangathi abantu bami
abahlakazekile bangahla-
la kuwe Mowabi.
Yiba yindawo yabo yokuca-
sha ngenxa yomuntu oce-
kela phansi.[a]
Kuyophela ngomcindezeli,
Ukucekela phansi kuyo-
phela,
Labo abanyathela abanye
bayoshabalala emhlabeni.
5 Khona-ke isihlalo sobukho-
si siyomiswa siqine ngo-
thando oluqotho.
Lowo ohlala kuso etendeni
likaDavide uyothembeka;[b]
Uyokwahlulela ngobulungi-
sa, asheshe ukwenza uku-
lunga."[c]
6 Sizwile ngokuziqhenya ku-
kaMowabi—uziphakamisa
kakhulu[d]—
Ukuqhosha kwakhe noku-
ziqhenya kwakhe nolaka
lwakhe;[e]
Kodwa izinkulumo zakhe
ezingathi shu ziyoba yize.
7 UMowabi uyokhala ngenxa
yenhlekelele emehlele;
Bonke abakwaMowabi ba-
yokhala kakhulu.[f]
Abashayiwe bayokhalela
amakhekhe amagilebhisi
omisiwe aseKhiri-harese-
thi.[g]
8 Ngoba amasimu aseHeshi-
bhoni[h] abunile,
Insimu yamagilebhisi yase-
Sibhima,[i]
Ababusi bezizwe bawanya-
thelile amagatsha ayo
abomvu;*
Ayesefinyelela eJazeri;[j]
Ayesefinyelela ehlane.
Amahlumela awo akhula
aze afinyelela olwandle.
9 Yingakho ngizoyikhalela
insimu yamagilebhisi ya-
seSibhima njengoba nje
ngikhalela iJazeri.
Ngizokumanzisa ngezinye-
mbezi zami, Heshibhoni
nawe Eliyale,[a]
Ngoba ukumemeza ngenxa
yezithelo zakho zasehlo-
bo nangesivuno sakho se-
kuphelile.*
10 Ukuthokoza nokujabula
kususiwe engadini yezi-
thelo,
Azikho izingoma zokujabu-
la noma ukumemeza ema-
simini amagilebhisi.[b]
Akukho wayini ezikhamwe-
ni zewayini umnyatheli
alinyathelayo,
Ngoba ngibangele ukuba
ukumemeza kuphele.[c]
11 Yingakho inhliziyo yami
ikhala ngoMowabi,[d]
Njengokukhala kwehabhu,
Nengaphakathi lami li-
yakhala ngeKhiri-harese-
thi.[e]

12 Ngisho noma uMowa-
bi engazikhathaza endawe-
ni ephakeme, aye kothandaza
endlini yakhe engcwele, ngeke
afeze lutho.[f]
13 Leli yizwi uJehova aye-
likhulumile ngokuphathelene
noMowabi. 14 Manje uJeho-
va uthi: "Phakathi neminyaka
emithathu, njengeminyaka ye-
sisebenzi esiqashiwe,* inkazi-
mulo kaMowabi iyohlazeka
ngesiyaluyalu esikhulu salo lo-
nke uhlobo, labo abasalayo ba-
yoba mbalwa kakhulu, bangabi
namandla."[g]

ISAHL. 16
a Jer 48:8, 42
b 2Sa 7:16, 17
c Hu 45:6; Hu 72:1, 2; Isay 9:6, 7; Isay 32:1; Jer 23:5
d Jer 48:26, 29; Zef 2:9, 10
e Amo 2:1
f Isay 15:2; Jer 48:20
g 2Kh 3:24, 25
h Jos 13:15, 17
i Num 32:37, 38; Jos 13:15, 19
j Jos 13:24, 25; Jer 48:32

Uhla 2
a Isay 15:4; Jer 48:34
b Jer 48:33
c Zef 2:9
d Isay 15:5; Jer 48:36
e Isay 15:1
f Jer 48:7, 35
g Isay 25:10; Jer 48:46, 47; Zef 2:9

16:8 *Noma, "agcwele amagilebhisi abomvu."

16:9 *Noma kungaba, "Ngenxa yokuthi isililo sempi sehlele ezithelweni zakho zasehlobo nasesivunweni sakho."
16:14 *Noma, "emithathu ebalwa ngokucophelela njengoba isisebenzi esiqashiwe siyibala"; okuwukuthi, phakathi neminyaka emithathu ngokuqondile.

17 Isimemezelo ngokumelene neDamaseku:[a]
"Bheka! IDamaseku ngeke lisaba yidolobha,
Liyoba yizindunduma zamanxiwa.[b]
2 Amadolobha ase-Aroweri[c] ayoshiywa dengwane;
Ayoba yizindawo okulala kuzo imihlambi
Kungekho muntu oyenza yesabe.
3 Amadolobha anezivikelo eziqinile ayoshabalala kwa-Efrayimi,[d]
Nombuso uphele eDamaseku;[e]
Inkazimulo yabasele base-Siriya
Iyoshabalala njengenkazimulo yama-Israyeli,"* kusho uJehova wamabutho.
4 "Ngalolo suku inkazimulo kaJakobe iyoncipha,
Nomzimba wakhe okhuluphele uyozaca.*
5 Kuyoba njengalapho umvuni ebutha ukudla okusanhlamvu okusamile
Nengalo yakhe ivuna izikhwebu zokusanhlamvu,
Njengalapho umuntu ekhothoza okusanhlamvu eSigodini* SamaRefa.[f]
6 Kuyosala umkhothozo kuphela,
Njengalapho kubhulwa isihlahla somnqumo:
Kuyosala izithelo ezimbili noma ezintathu zomnqumo ezivuthiwe egatsheni eliphezulu,
Kusale ezine noma ezinhlanu emagatsheni aso athelayo,"[g] kusho uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli.

7 Ngalolo suku, umuntu uyobheka phezulu kuMenzi wakhe, amehlo akhe ayogqolozela oNgcwele ka-Israyeli. 8 Ngeke abheke ama-altare,[a] umsebenzi wezandla zakhe;[b] ngeke agqolozele lokho iminwe yakhe ekwenzile, izigxobo ezingcwele* noma izinti zezitsha zempepho.

9 Ngalolo suku amadolobha akhe anezivikelo eziqinile ayoba njengendawo eshiywe dengwane ehlathini,[c]
Njengegatsha elashiywa phambi kwama-Israyeli;
Ayoba yihlane eliyincithakalo.
10 Ngoba umkhohliwe uNkulunkulu[d] wensindiso yakho;
Awulikhumbulanga iDwala,[e] inqaba yakho.
Yingakho utshala izitshalo ezinhle*
Uzimise ngehlumela longaziwa.#
11 Emini uzibiyela ngobunono izitshalo zakho,
Ekuseni wenza ukuba imbewu yakho ihlume,
Kodwa isivuno siyonyamalala lapho uhlaselwa yisifo nobuhlungu obungelapheki.[f]
12 Lalela! Kunesiyaluyalu sezizwe eziningi,
Ezihlokoma njengokuhlokoma kwezilwandle!
Kunomsindo wezizwe,
Umsindo wazo ufana nenhlokomo yamanzi anamandla!
13 Izizwe ziyokwenza umsindo onjengomsindo wamanzi amaningi.

---

17:3 *NgesiHebheru, "yamadodana ka-Israyeli." 17:4 *NgesiHebheru, "Nenyama yakhe ekhuluphele iyozaca." 17:5 *Noma, "eThafeni Eliphansi."

17:8 *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. 17:10 *Noma, "ezimnandi." #Noma, "likankulunkulu wezinye izizwe."

ISAHL. 17
a Jer 49:23; Zak 9:1
b 2Kh 16:8, 9; Isay 8:4; Amo 1:5
c Num 32:34; Jos 13:15, 16; 2Kh 10:32, 33
d 2Kh 17:6; Isay 7:8; Isay 28:1, 2; Hos 5:14
e 2Kh 16:8, 9
f Jos 15:8, 12; Jos 18:11, 16
g Dut 4:27; Dut 24:20

Uhla 2
a 2Kr 31:1
b Hos 8:6, 11
c Hos 10:14; Amo 3:11
d Hu 50:22; Hos 8:14
e Dut 32:4; 2Sa 22:32
f Dut 28:30; Hos 8:7

Uyozikhuza zibalekele
kude,
Zixoshwe njengamakhoba
ezintaba epheshulwa
umoya,
Njengekhakhasi lipheshu-
lwa yisivunguvungu.
14 Kusihlwa, kukhona ukwe-
saba.
Ngaphambi kokuba kuse
azisekho.
Lesi yisabelo salabo abasi-
phangayo
Nenkatho yalabo abasi-
ntshontshelayo.

18 Maye ngezwe lezinambu-
zane ezibhuzayo ezina-
maphiko,
Elisesifundeni semifula ya-
seTopiya![a]
2 Lithumela izithunywa ngo-
lwandle,
Zihambe emanzini ngemi-
khumbi yemihlanga, lithi:
"Hambani, nina zithunywa
ezinejubane,
Niye esizweni esinabantu
abade nabanesikhumba
esihle,*
Esizweni esesatshwa yonke
indawo,[b]
Esizweni esinamandla nesi-
nqobayo,#
Izwe laso elikhukhulwe yi-
mifula."
3 Nina nonke enakhe ezweni
nani nonke enihlala em-
hlabeni,
Eniyokubona kuyoba nje-
ngesibonakaliso* esipha-
kanyiswe ezintabeni,
Niyozwa umsindo onjengo-
wokushaywa kophondo.
4 Ngoba yilokhu uJehova
akushilo kimi:
"Ngizohlala ngingaphaza-
misekile futhi ngibheke
indawo* yami emisiwe,
Njengomoya oshisayo oha-
mbisana nokukhanya
kwelanga,
Njengamazolo
ekushiseni kwangesikha-
thi sokuvuna.
5 Ngoba ngaphambi koku-
vuna,
Lapho izimbali seziqedile
ukuqhakaza futhi ziba
amagilebhisi avuthwayo,
Amahlumela ayonqunywa
ngesikele sokuthena izi-
hlahla
Imiliba iyosuswa.
6 Izidumbu zabo ziyoshiye-
lwa izinyoni zasezintabe-
ni ezidla inyama
Nezilwane zasemhlabeni.
Izinyoni ezidla inyama ziyo-
hlala kuzo ehlobo,
Nazo zonke izilwane zasem-
hlabeni ziyohlala kuzo
ngesikhathi sokuvuna.
7 Ngaleso sikhathi kuyole-
thwa isipho kuJehova wa-
mabutho,
Sivela esizweni esinabantu
abade nabanesikhumba
esihle,*
Esizweni esesatshwa yonke
indawo,
Esizweni esinamandla nesi-
nqobayo,#
Izwe laso elikhukhulwe yi-
mifula
Siye endaweni ebizwa nge-
gama likaJehova wama-
butho, iNtaba iZiyoni."[a]

19 Isimemezelo ngokumele-
ne neGibhithe:[b]
Bheka! UJehova ugibele ifu
elinejubane uza eGibhi-
the.
Onkulunkulu abangasizi
ngalutho baseGibhithe

ISAHL. 18
a Isay 20:3, 4; Hez 30:4
b 2Kr 12:2, 3; 2Kr 14:9; 2Kr 16:8

Uhla 2
a Isay 8:18; Isay 24:23

ISAHL. 19
b Jer 25:17, 19; Hez 29:2; Jow 3:19

18:2, 7 *NgesiHebheru, "esizweni esilulekile nesisulekile." 18:2, 7 #Noma, "Esizweni esinezikhwepha nesinyathelayo." 18:3 *Noma, "njengesigxobo esiwuphawu."

18:4 *Noma kungaba, "ngisendaweni."

bayovevezela phambi
kwakhe,[a]
Nenhliziyo yabaseGibhithe
iyoncibilika.
2 “Ngizoqhatha abaseGibhithe nabaseGibhithe,
Bayolwa bodwa,
Yilowo nalowo nomfowabo
nomakhelwane wakhe,
Idolobha lilwe nedolobha,
umbuso ulwe nombuso.
3 IGibhithe liyokhungatheka,
Ngizowabhuntshisa amacebo alo.[b]
Bayophendukela konkulunkulu abangasizi ngalutho,
Kubathwebuli nakwabasebenzelana nemimoya nakubabikezeli bekusasa.[c]
4 Ngiyonikela iGibhithe
enkosini elukhuni,
Inkosi enokhahlo iyobabusa,”[d] kusho iNkosi yeqiniso, uJehova wamabutho.
5 Amanzi olwandle ayosha,
Nomfula uyosha wome.[e]
6 Imifula iyonuka;
Imisele yeNayile yaseGibhithe iyosha yome.
Umhlanga nekhwane kuyobuna.[f]
7 Izitshalo ezigudle uMfula iNayile, esizalweni soMfula iNayile,
Nakho konke okutshalwe ngaseMfuleni iNayile[g] kuyosha.[h]
Kuyopheshulwa umoya, kungabe kusaba khona.
8 Abadobi bayolila,
Labo abaphonsa izindobo eMfuleni iNayile bayokhala,
Nalabo abelula amanethi abo okudoba emanzini bayoncipha.
9 Abenza indwangu ngefilakisi[i]

ISAHL. 19
a Eks 12:12
Jer 43:12
Jer 46:25
Hez 30:13
b Isay 19:11, 13
c Isay 8:19
IzE 16:16
IsA 18:23
d Isay 20:3, 4
Jer 46:25, 26
Hez 29:19
e Hez 30:12
Zak 10:11
f Eks 2:3
g Dut 11:10
h Hez 29:10
i Eks 9:25, 31
IzA 7:16

Uhla 2
a Hu 78:12
Hez 30:14
b Isay 44:25
c Gen 41:8
1Kh 4:30
IzE 7:22
d Jer 46:14
Hez 30:13
e Job 12:20, 24
Isay 19:3
f Isay 11:15

Nalabo abeluka indwangu
emhlophe ngohlaka lokweluka bayohlazeka.
10 Abeluki bakhona bayodumala;
Zonke izisebenzi eziqashiwe ziyoba lusizi.
11 Izikhulu zaseZowani[a] ziyiziwula.
Abeluleki abahlakaniphile bakaFaro banikeza iseluleko esingenangqondo.[b]
Ningasho kanjani kuFaro
ukuthi:
“Ngiyinzalo yabahlakaniphile,
Inzalo yamakhosi asendulo”?
12 Aphi-ke amadoda akho
ahlakaniphile?[c]
Mawakutshele uma azi ngalokho uJehova akunqumile ngeGibhithe.
13 Izikhulu zaseZowani zenze
ngobuwula;
Izikhulu zaseNofi*[d] zikhohlisiwe;
Ababusi bezizwe zalo balidukisile iGibhithe.
14 UJehova uthululele kulo
umoya wokudideka;[e]
Balidukisile iGibhithe kukho konke elikwenzayo,
Njengomuntu odakiwe ediyazela emhlanzweni wakhe.
15 IGibhithe ngeke libe nawo
umsebenzi ongenziwa
Yinhloko noma umsila,
ihlumela noma ikhwane.*

16 Ngalolo suku iGibhithe li-
yoba njengabesifazane, liyothu-
thumela lesabe ngenxa yesa-
ndla sikaJehova wamabu-
tho alisikaza ngaso.[f] 17 IGi-
bhithe liyokwesaba ngenxa
kaJuda. Liyokwethuka lapho

**19:13** *Noma, “zaseMemfisi.” **19:15** *Noma kungaba, “igatsha lesundu noma umhlanga.”

kukhulunywa ngaye ngenxa ye-
sinqumo uJehova wamabutho
asenzile ngokumelene nalo.[a]
**18** Ngalolo suku kuyoba na-
madolobha amahlanu ezwe-
ni laseGibhithe akhuluma uli-
mi lwaseKhanani,[b] afunga uku-
ba qotho kuJehova wamabu-
tho. Elinye idolobha liyobizwa
ngokuthi iDolobha Lokudiliza.
**19** Ngalolo suku kuyoba ne-
altare likaJehova phakathi kwe-
zwe laseGibhithe, nensika kaJe-
hova emngceleni walo. **20** Li-
yoba yisibonakaliso nobufaka-
zi kuJehova wamabutho ezwe-
ni laseGibhithe; ngoba bayokha-
la kuJehova ngenxa yabacinde-
zeli futhi uyobathumelela umsi-
ndisi omkhulu oyobasindisa.
**21** UJehova uyokwaziwa kwa-
baseGibhithe, futhi abaseGibhi-
the bayomazi uJehova ngalolo
suku, bayonikela imihlatshelo
nezipho, benze isifungo kuJeho-
va basifeze. **22** UJehova uyoli-
shaya iGibhithe,[c] alishaye aphi-
nde alelaphe; bayobuyela ku-
Jehova futhi uyobalalela lapho
bemncenga abelaphe.
**23** Ngalolo suku kuyoba
nomgwaqo omkhulu[d] ophuma
eGibhithe uya e-Asiriya. I-Asi-
riya liyongena eGibhithe, ne-
Gibhithe lingene e-Asiriya, iGi-
bhithe liyokhonza uNkulunku-
lu kanye ne-Asiriya. **24** Ngalo-
lo suku u-Israyeli uyoba owesi-
thathu kanye neGibhithe ne-Asi-
riya,[e] babe isibusiso emhlabeni,
**25** ngoba uJehova wamabutho
uyobe ebabusisile, ethi: "Masi-
busiswe isizwe sami, iGibhi-
the, nomsebenzi wezandla zami,
i-Asiriya, nefa lami, u-Israyeli."[f]

**20** Ngonyaka uSarigoni inko-
si yase-Asiriya eyathuma
ngawo uTharithani* e-Ashido-
di,[g] walwa ne-Ashidodi walinqo-
ba.[a] **2** Ngaleso sikhathi uJeho-
va wakhuluma ngo-Isaya[b] indo-
dana ka-Amozi, wathi: "Ha-
mba, ukhumule indwangu yesa-
ka okhalweni lwakho, ukhumu-
le nezimbadada ezinyaweni za-
kho." Wenza kanjalo, wahamba-
ze* engafake zicathulo.
**3** UJehova wabe esethi:
"Njengoba nje inceku yami
u-Isaya ibihamba-ze futhi inga-
fake zicathulo iminyaka
emithathu, njengesibonakali-
so[c] nebika ngokumelene ne-
Gibhithe[d] neTopiya,[e] **4** kanja-
lo inkosi yase-Asiriya iyoho-
la izithunjwa zaseGibhithe[f] na-
badingisiwe baseTopiya, abafa-
na kanye namakhehla, beha-
mba-ze futhi bengafake zica-
thulo, izinqe zabo zihleli obala,
ubunqunu beGibhithe.* **5** Ba-
yokwesaba kakhulu futhi babe
namahloni ngeTopiya ithemba
labo nangeGibhithe abaziqhe-
nya ngalo.* **6** Abakhe kuleli
zwe elingasogwini bayothi nga-
lolo suku, 'Bheka ukuthi kwe-
nzekeni ngethemba lethu, esa-
balekela kulo ukuze sitho-
le usizo nokukhululwa enkosini
yase-Asiriya! Sizophunyuka ka-
njani manje?'"

**21** Isimemezelo ngokumele-
ne nehlane lolwandle:*[g]

Inhlekelele iza njengesi-
phepho esiqhamuka eni-
ngizimu,
Iza ivela ehlane, ezweni ele-
sabekayo.[h]
**2** Kunombono onzima engi-
wutsheliwe:
Umkhohlisi uyakhohlisa,
Nombhubhisi uyabhubhisa.

20:1 *Noma, "umkhuzi webutho lempi."

20:2 *Noma, "egqoke izingubo zangaphansi kuphela." 20:4 *Noma, "ihlazo leGibhithe." 20:5 *Noma, "ababethanda ubuhle balo." 21:1 *Ngokusobala kubhekiselwa endaweni yaseBhabhiloni lasendulo.

ISAHL. 19
a Isay 20:3, 4; Jer 25:17, 19; Jer 43:10, 11; Hez 29:6
b Jer 43:4, 7; Jer 44:1
c Isay 19:1; Jer 46:13
d Isay 11:16; Isay 35:8; Isay 40:3
e Zak 2:11
f Dut 32:9; Hu 115:12; Isay 61:9

ISAHL. 20
g Jos 13:2, 3

Uhla 2
a Amo 1:8
b Isay 1:1
c Isay 8:18
d Isay 19:1
e Isay 18:1
f Isay 19:4

ISAHL. 21
g Isay 13:1, 20
h Isay 13:4, 18

Khuphuka Elamu! Vimbe-
zela Mediya![a]
Ngizokuqeda konke ukubu-
bula elikubangele.*[b]
3 Yingakho ngisezinhlungwi-
ni ezinzima.*[c]
Ngibanjwe yimihelo,
Njengowesifazane obele-
thayo.
Ngicindezeleke kakhulu ka-
ngangokuthi angizwa;
Ngiphazamiseke kakhulu
kangangokuthi angiboni.
4 Inhliziyo yami iphela
amandla; ngiyaqhaqhaze-
la ngenxa yokwesaba.
Ukuhwalala ebengikufisa
kuyangesabisa.
5 Lungisani itafula, nihlele
izihlalo!
Yidlani, niphuze![d]
Sukumani, nina zikhulu, ni-
gcobe amahawu!*
6 Ngoba yilokhu uJehova
akushilo kimi:
"Hamba umise umqaphi
ukuba abike lokho akubo-
nayo."
7 Wabona inqola yempi na-
mahhashi,
Inqola yempi yezimbo-
ngolo,
Inqola yempi yamakamela.
Wabhekisisa ngokunaka
okukhulu.
8 Wamemeza njengebhubesi,
wathi:
"O Jehova, ngimi njalo phe-
zu kwenqaba yokuqapha
emini,
Ngisendaweni yami yokuqa-
pha ubusuku bonke.[e]
9 Bheka:
Kuza amadoda egibele
inqola yempi edonswa
amahhashi!"[f]
Wabe esekhuluma wathi:
"Liwile! IBhabhiloni liwile![a]
Yonke imifanekiso ebaziwe
yonkulunkulu balo uyi-
phihlize yawela emhlaba-
thini!"[b]
10 O bantu bami ababhuliwe,
Umkhiqizo* wesibuya
sami,[c]
Nginibikele lokho engiku-
zwe kuJehova wamabu-
tho, uNkulunkulu ka-Isra-
yeli.

11 Isimemezelo ngokumele-
ne neDuma:*
Kukhona ongimemezayo
eseSeyiri:[d]
"Mlindi, sekuyasa yini?
Mlindi, sekuyasa yini?"
12 Umlindi wathi:
"Sekuyasa, kuzophinde ku-
hlwe.
Uma nifuna ukubuza, bu-
zani.
Niphinde nibuye!"

13 Isimemezelo ngokumele-
ne nethafa eliwugwadule:
Nizochitha ubusuku ehla-
thini ethafeni eliwugwa-
dule
Nina mahele* aseDedani.[e]
14 Lethani amanzi ukuze ni-
hlangabeze owomile,
Nina enihlala ezweni lase-
Thema,[f]
Nimphathele isinkwa obale-
kayo.
15 Ngoba babalekile ngenxa
yezinkemba, ngenxa ye-
nkemba ehoshiwe,
Ngenxa yomnsalo onsaliwe,
nangenxa yempi enonya.

16 Ngoba yilokhu uJehova
akushilo kimi: "Phakathi nonya-
ka nje kuphela, njengonyaka

ISAHL. 21
a Jer 51:11, 28; Dan 5:28, 30
b Hu 137:1; Isay 14:4, 7; Isay 35:10
c Hab 3:16
d Dan 5:1
e Hez 3:17; Hab 2:1
f Jer 50:3, 9; Jer 51:27, 28

Uhla 2
a Isay 13:19; Isay 14:4; Isay 45:1; Jer 51:8; Dan 5:28, 30; IsA 14:8; IsA 18:2
b Jer 50:2; Jer 51:44, 52
c 1Kh 8:46
d Gen 32:3; Dut 2:8; Hu 137:7
e Jer 25:17, 23
f Job 6:19; Jer 25:17, 23

**21:2** *Ngokusobala kushiwo iBhabhiloni. **21:3** *NgesiHebheru, "izinqulu zami zibuhlungu kakhulu." **21:5** *Noma, "amahawu ngamafutha."

**21:10** *NgesiHebheru, "Indodana." **21:11** *Incazelo: "Ukuthula Cwaka." **21:13** *Abantu nezilwane abahamba ndawonye.

wesisebenzi esiqashiwe,* yonke
inkazimulo yeKhedari[a] iyophela.
**17** Abaphatha umnsalo abasele
emaqhaweni aseKhedari, bayo-
ba mbalwa, ngoba uJehova
uNkulunkulu ka-Israyeli, ukhu-
lumile.”

**22** Isimemezelo ngeSigodi
Sombono:*[b]

Kwenzenjani kuwe, kuze
kukhuphukele ophahleni
lwezindlu wonke umuntu
okuwe?
**2** Wawugcwele ukuxokozela,
Uyidolobha elinomsindo,
idolobhana eligcwele inja-
bulo.
Ababulewe bakho ababula-
wanga ngenkemba,
Abafelanga empini.[c]
**3** Bonke ababusi bakho baba-
leke ndawonye.[d]
Baboshwe kungazange ku-
setshenziswe umnsalo.
Bonke abatholakele babo-
shiwe,[e]
Nakuba babebalekele kude
kakhulu.
**4** Yingakho ngithe: “Ninga-
ngibheki,
Ngizokhala kalusizi.[f]
Musani ukulokhu ningidu-
duza
Ngokubhujiswa kwabantu
bakithi.*[g]
**5** Ngoba wusuku lwesiphi-
thiphithi nolokunqotshwa
nolokwethuka,[h]
Oluvela eNkosini EnguMbu-
si, uJehova wamabutho,
ESigodini Sombono.
Kunokubhidlizwa kodonga[i]
Isililo sizwakala nasezinta-
beni.
**6** I-Elamu[a] lithatha umgodla
wemicibisholo
Liza kanye nezinqola zempi
ezinamadoda kanye na-
mahhashi,*
NeKhiri[b] likhipha# ama-
hawu.
**7** Izigodi* zakho zekhethelo
Ziyogcwala izinqola zempi,
Namahhashi# ayoma esa-
ngweni,
**8** Isivikelo* sikaJuda siyosu-
swa.

“Ngalolo suku uyobheka nga-
senqolobaneni yezikhali ye-
Ndlu Yehlathi,[c] **9** niyobona
izindawo eziningi ezibhodlozi-
we zeDolobha LikaDavide.[d] Ni-
yoqoqa amanzi echibi eliseza-
nsi.[e] **10** Niyozibala izindlu za-
seJerusalema, niyozidiliza lezi
zindlu ukuze niqinise udonga.
**11** Niyokwenza indawo yoku-
gcina amanzi echibi elidala
phakathi kwezindonga ezimbi-
li, kodwa ngeke nincike kuMe-
nzi wako Omkhulu, futhi ngeke
nicabange ngaLowo owakwe-
nza kudala.

**12** Ngalolo suku iNkosi Engu-
Mbusi, uJehova wamabu-
tho,
Iyoyala ukuba kube khona
ukukhala nokulila,[f]
Nokuphucwa kwamakha-
nda nokugqokwa kwe-
ndwangu yesaka.
**13** Kodwa kunalokho, kuyaha-
laliswa kuyajatshulwa,
Kuhlatshwa izinkomo nezi-
mvu,
Kudliwa inyama kuphuzwa
newayini.[g]

---

**21:16** *Noma, “obalwa ngokucophelela njengoba isisebenzi esiqashiwe siwubala”; okuwukuthi, unyaka owodwa. **22:1** *Ngokusobala kushiwo iJerusalema. **22:4** *Noma, “kwendodakazi yabantu bakithi.” Isenzasamuntu esisankondlo, cishe esiveza isihe noma uzwela.

**22:6** *Noma, “nabagibeli bamahhashi.” #Noma, “lilungisa.” **22:7** *Noma, “Amathafa.” #Noma, “Nabagibeli bamahhashi.” **22:8** *Noma, “Isihenqo.”

---

**ISAHL. 21**
a Gen 25:13; Hu 120:5; Hla 1:5; Isay 42:11; Jer 49:28; Hez 27:21

**ISAHL. 22**
b Jer 6:6
c Isay 3:1; Jer 38:2; IsiL 4:9
d 2Kh 25:4, 5
e 2Kh 25:11
f Jer 4:19; Jer 8:18, 19; Jer 9:1
g Mik 1:8, 9
h Mik 7:4
i 2Kh 25:10; Neh 1:3

**Uhla 2**
a Gen 10:22
b 2Kh 16:9
c 1Kh 7:1, 2
d 2Kh 25:9, 10; Jer 52:7
e Neh 3:15
f Jow 2:17
g Isay 5:12; Isay 56:12; Amo 6:1, 4; Luk 17:27; Jak 5:5

'Masidle siphuze ngoba ku-
sasa sizofa.' "[a]

**14** UJehova wamabutho we-
mbule lokhu: " 'Ngeke nihlawule-
lwe lesi siphambeko nize nife,'[b]
kusho iNkosi EnguMbusi, uJe-
hova wamabutho."

**15** Yilokhu iNkosi EnguMbu-
si, uJehova wamabutho, eku-
shoyo: "Hamba uye kulo
mphathi, uShebina,[c] owengame-
le indlu,* uthi, **16** 'Ubekeni la-
pha, ubani ongowakho lapha,
ukuba uziqophele ithuna la-
pha?' Uqopha ithuna lakhe
endaweni ephakeme; uziqophe-
la indawo yokuphumula* edwa-
leni. **17** 'Bheka! UJehova uyo-
kuphonsa phansi ngamandla,
wena ndoda, akubambe nge-
ndluzula. **18** Nakanjani uyoku-
songa akuqinise akuphonse nje-
ngebhola ezweni elibanzi. Uyo-
fela lapho, izinqola zakho ezi-
khazimulayo ziyoba lapho, kube
yihlazo endlini yenkosi yakho.
**19** Ngiyokugudluza esikhundle-
ni sakho, ngikususe endaweni
yakho.

**20** " 'Ngalolo suku ngiyobiza
inceku yami u-Eliyakimi[d] indo-
dana kaHilikiya, **21** ngiyemba-
thise ingubo yakho, ngiyibophe
ngebhande lakho lendwangu
ngiliqinise,[e] ngiyinike igunya*
lakho. Iyoba nguyise wezakha-
muzi zaseJerusalema nowendlu
kaJuda. **22** Ngiyobeka isihlu-
thulelo sendlu kaDavide[f] ehlo-
mbe layo. Iyovula kungavali
muntu; ivale kungavuli muntu.
**23** Ngiyoyibethela njengesipiki-
li endaweni eqinile, iyoba nje-
ngesihlalo sobukhosi senkazi-
mulo endlini kayise. **24** Bayo-
lengisa kuyo yonke inkazimu-
lo* yendlu kayise, inzalo nesizu-
kulwane,* zonke izitsha ezinca-
ne, izindishi nazo zonke izimbi-
za ezinkulu.

**25** " 'Ngalolo suku,' kusho
uJehova wamabutho, 'isipikili
esibethelwe endaweni eqinile si-
yosuswa,[a] sinqanyulwe siwe,
nomthwalo obulengiswe kuso
uyowa ube yincithakalo, ngoba
uJehova ngokwakhe ukhulumi-
le.' "

**23** Isimemezelo ngeThire:[b]
Khalani, nina mikhumbi
yaseTharishishi![c]
Ngoba isikhumulo siceke-
lwe phansi; akungeneki
kuso.
Kwembuliwe ezweni laseKi-
timi.[d]

**2** Thulani nina enihlala ezwe-
ni elingasogwini.
Abathengisi baseSidoni[e]
abawela ulwandle bani-
gcwalisile.

**3** Ukudla okusanhlamvu*
kwaseShihori#[f] kuhambe
phezu kwamanzi amani-
ngi,
Isivuno saseNayile, inzuzo
yalo,
Kuletha inzuzo evela ezi-
zweni.[g]

**4** Yiba namahloni Sidoni,
wena siphephelo solwa-
ndle,
Ngoba ulwandle, luthe:
"Angizange ngisikwe, futhi
angizange ngizale,
Angizange ngikhulise zinsi-
zwa, noma izintombi."[h]

**5** Abantu bayoba sosizini
ngenxa yombiko ophathe-
lene neThire,[i]
Njengalapho bezwa ngo-
mbiko ophathelene neGi-
bhithe.[j]

ISAHL. 22
a 1Ko 15:32
b Lev 26:31; Isay 1:11; Jer 15:1; Hez 24:13
c 2Kh 18:37; 2Kh 19:2
d 2Kh 18:26, 37
e Gen 41:41, 42; Est 8:15
f IsA 3:7

Uhla 2
a Isay 22:15, 17

ISAHL. 23
b Jer 25:17, 22; Jer 47:4; Hez 26:3; Hez 27:2; Jow 3:4; Amo 1:9, 10; Zak 9:3, 4
c 2Kr 9:21; Hez 27:25
d Gen 10:2, 4; Jer 2:10; Hez 27:6
e Gen 10:15; Hez 27:8
f Jer 2:18
g Hez 27:32, 33; Hez 28:4
h Jer 47:4
i Hez 27:35; Hez 28:19
j Isay 19:1, 16

**22:15** *Noma, "isigodlo." **22:16** *NgesiHebheru, "yokuhlala." **22:21** *Noma, "umbuso." **22:24** *NgesiHebheru, "sonke isisindo."

**22:24** *Noma, "namahlumela." **23:3** *Noma, "Imbewu." #Okuwukuthi, umfula ophuma eMfuleni iNayile.

6 Welelani eTharishishi!
Khalani kakhulu, nina enihlala ezweni elingasogwini!
7 Ingabe yilo leli dolobha lenu elalijabule kusukela kudala, ezikhathini ezidlule?
Izinyawo zalo zazivame ukuliyisa emazweni akude ukuba liyohlala khona.
8 Ngubani owanquma lokhu ngeThire,
Elethwesa imiqhele,
Abathengisi balo ababeyizikhulu,
Abahwebi balo ababehlonishwa emhlabeni wonke?[a]
9 NguJehova wamabutho onqume lokhu,
Ukuze aqede ukuziqhenya ngabo bonke ubuhle balo,
Ukuze ahlazise bonke ababehlonishwa kuwo wonke umhlaba.[b]
10 Hamba unqamule izwe lakini njengoMfula iNayile ndodakazi yaseTharishishi.
Asisekho isikhumulo semikhumbi.*[c]
11 Welulele isandla sakhe phezu kolwandle;
Wanyakazisa imibuso.
UJehova ukhiphe umyalo wokuba ziqedwe nya iziphephelo zeFenike.[d]
12 Uphinde athi: "Ngeke uphinde ujabule,[e]
Wena ndodakazi eyintombi yaseSidoni ecindezelwe.
Sukuma, welela eKitimi.[f]
Kodwa nalapho ngeke ukuthole ukuphumula."
13 Bheka izwe lamaKhaledi![g]
NgamaKhaledi alenza* laba yindawo yezilwane zasendle,
Akubona abantu base-Asiriya.[a]
Akhe imibhoshongo* yokulivimbezela;
Imibhoshongo yalo ayibhidlizile,[b]
Alenza laba yincithakalo.
14 Khalani nimpongoloze, nina mikhumbi yaseTharishishi,
Ngoba isiphephelo senu sibhidliziwe.[c]

15 Ngalolo suku iThire li-
yolitshalwa iminyaka engu-70,[d]
njengenkathi* yokuphila ye-
nkosi eyodwa. Ekupheleni
kweminyaka engu-70, iThire li-
yokwehlelwa yilokho okushiwo
yingoma yesifebe:

16 "Thatha ihabhu, zungeza idolobha sifebe esilitshelwe.
Dlala ihabhu lakho ngobuciko;
Cula izingoma ezININGI,
Ukuze bakukhumbule."

17 Ekupheleni kweminyaka
engu-70, uJehova uyolinaka
iThire, liyophinde lithole inko-
khelo lapho lifeba nayo yonke
imibuso esemhlabeni. 18 Ko-
dwa inzuzo nenkokhelo yo-
kuqashwa kwalo kuyoba yi-
nto engcwele kuJehova. Nge-
ke ibekelelwe noma iqongele-
lwe, ngoba inkokhelo yalo iyo-
ba ngeyalabo abahlala phambi
kukaJehova, ukuze badle ba-
neliseke futhi bagqoke kahle.[e]

24 Bheka! UJehova uyaligeqa izwe,* ulenza incithakalo.[f]
Ulibhekisa phansi#[g] ahlakaze abahlala kulo.[h]

ISAHL. 23
a Hez 28:2
b Dan 4:37; Jak 4:6
c Isay 23:1; Hez 26:14, 17
d Hez 26:5, 15
e Hez 26:13
f Hez 27:6
g Isay 13:19; Hab 1:6

Uhla 2
a Isay 10:12; Nah 3:18; Zef 2:13
b Hez 26:8, 9
c Isay 23:1
d Jer 25:8, 11; Jer 27:3, 6
e Isay 60:5

ISAHL. 24
f Isay 5:5; Jer 4:6; Hez 6:6
g 2Kh 21:13
h Dut 28:63, 64; Neh 1:8; Jer 9:16

23:10 *Noma kungaba, "Alisekho itheku." 23:13 *Cishe kushiwo iThire.

23:13 *Le mibhoshongo yayakhiwa phezu kwenqola. 23:15 *NgesiHebheru, "njengezinsuku." 24:1 *Noma, "umhlaba." #Noma, "Uphendukezela ubuso balo."

2 Kuyokwenzeka okufanayo
kuwo wonke umuntu:
Abantu kanye nabapristi,
Inceku nenkosi yayo,
Incekukazi nendlovukazi
yayo,
Umthengi nomthengisi,
Umbolekisi nobolekayo,
Okweletisayo
nokweletayo.[a]
3 Izwe liyogeqwa ngokuphe-
lele;
Liyophangwa ngokuphe-
lele,[b]
Ngoba uJehova ulikhulumi-
le leli zwi.
4 Izwe liyalila;*[c] liyaphela.
Umhlaba uyabuna; uyasha-
balala.
Izikhulu zezwe ziphela
amandla.
5 Izwe lingcoliswe abakhe
kulo,[d]
Ngoba bayishaye indiva imi-
thetho,[e]
Bashintsha isiqondiso,[f]
Baphula isivumelwano esi-
mi kuze kube phakade.*[g]
6 Yingakho izwe liba yinci-
thakalo ngenxa yesiqale-
kiso,[h]
Nalabo abahlala kulo babe-
kwa icala.
Yingakho linciphile inani
lezakhamuzi zezwe,
Bambalwa kakhulu abantu
abasele.[i]
7 Iwayini elisha liyalila,* izi-
hlahla zamagilebhisi ziya-
buna,[j]
Bonke abathokozayo enhli-
ziyweni bayabubula.[k]
8 Ukujabula ngamathambori-
ni kuphelile;
Umsindo wabajabulayo
unqamukile;
Umsindo omnandi weha-
bhu uphelile.[a]
9 Baphuza iwayini ngapha-
ndle kwengoma.
Utshwala buyababa kulabo
ababuphuzayo.
10 Idolobhana elishiyiwe libhi-
dlikile;[b]
Zonke izindlu zivaliwe uku-
ze kungangeni muntu.
11 Bayamemeza befuna iwayi-
ni emigwaqweni.
Konke ukujabula kuphelile;
Injabulo ayisekho ezweni.[c]
12 Idolobha selingamanxiwa;
Isango licekelwe phansi
laba yimvithi.[d]
13 Ngoba yile ndlela okuyoba
ngayo ezweni, phakathi
kwezizwe:
Njengalapho kuvuthuzwa
isihlahla somnqumo,[e]
Njengokukhothoza lapho
ukuvunwa kwamagilebhi-
si sekuphelile.[f]
14 Bayomemeza,
Bayomemeza ngenjabulo.
Bayomemezela ngobuhle
bukaJehova[g] kusukela
olwandle.*
15 Yingakho beyokhazimulisa
uJehova esifundeni soku-
khanya;[h]
Eziqhingini zolwandle ba-
yokhazimulisa igama lika-
Jehova, uNkulunkulu ka-
Israyeli.[i]
16 Sizwa izingoma zivela em-
khawulweni womhlaba:
"Inkazimulo* KoLungile!"[j]
Kodwa ngithi: "Ngiphelelwa
amandla, ngiphelelwa
amandla!
Maye kimi! Abakhohlisayo
bakhohlisile;
Ngenkohliso abakhohlisayo
bakhohlisile."[k]

24:4 *Noma kungaba, "liyoma." 24:5 *Noma, "isivumelwano sasendulo." 24:7 *Noma kungaba, "liyaphela."

24:14 *Noma, "entshonalanga." 24:16 *Noma, "Umhlobiso."

ISAHL. 24
a Hez 7:12, 13
b Lev 26:31; Dut 29:28
c Jer 4:28; IsiL 1:4
d Lev 18:24; Num 35:33, 34; 2Kr 33:9; Jer 3:1; Jer 23:10, 11; IsiL 4:13
e 2Kh 22:13; Dan 9:5
f Mik 3:11
g Eks 19:3, 5; Eks 24:7; Jer 31:32; Jer 34:18-20
h Lev 26:15, 16
i Dut 4:27; Dut 28:15, 62
j Jer 8:13; Jow 1:10
k Isay 32:12

Uhla 2
a Jer 7:34
b 2Kh 25:8-10
c IsiL 5:15
d Isay 32:14; Jer 9:11; IsiL 1:4; IsiL 2:8, 9
e Dut 24:20
f Jer 6:9; Hez 6:8
g Isay 40:9; Jer 31:12; Jer 33:10, 11
h Isay 43:5
i Isay 11:11; Isay 60:9
j Eks 15:11; Ezr 9:15; Hu 145:7; IsA 15:3
k Jer 9:2, 3

**17** Ukwesaba nomgodi nezicupho kukulindile, wena owakhe ezweni.[a]
**18** Noma ubani obaleka ngenxa yomsindo owesabisayo uyowela emgodini,
Nanoma ubani ophuma emgodini uyobanjwa yisicupho.[b]
Ngoba amasango ezikhukhula aphezulu ayovuleka,
Nezisekelo zezwe ziyozamazama.
**19** Izwe liqhekekile;
Izwe linyakazisiwe;
Izwe lizamazama ngamandla.[c]
**20** Izwe liyadiyazela njengomuntu odakiwe,
Liya ngapha nangapha njengendlwana inyakaziswa umoya.
Lisindwa yiseqo salo,[d]
Liyowa lingaphinde livuke.
**21** Ngalolo suku uJehova uyolahlulela ibutho elisendaweni ephakeme
Namakhosi omhlaba aphezu komhlaba.
**22** Bayobuthelwa ndawonye
Njengeziboshwa zibuthelwa emgodini,
Bayovalelwa ejele eliwumgodi;
Ngemva kwezinsuku eziningi bayokwahlulelwa.*
**23** Inyanga egcwele iyojabha,
Nelanga elikhanyayo liyoba namahloni,[e]
Ngoba uJehova wamabutho usebe yiNkosi[f] eNtabeni iZiyoni[g] naseJerusalema,
Uyakhazimula phambi kwamadoda amadala esizwe sakhe.*[h]

**24:22** *NgesiHebheru, "bayonakwa." **24:23** *NgesiHebheru, "kwamadoda akhe amadala."

**25** O Jehova, unguNkulunkulu wami.
Ngiyakuphakamisa, ngidumisa igama lakho,
Ngoba wenze izinto ezimangalisayo,[a]
Izinto owawuzihlosile* kusukela endulo,[b]
Ngeqiniso nangokwethembeka.[c]
**2** Ngoba wenze idolobha laba yinqwaba yamatshe,
Idolobhana elinezivikelo eziqinile laba yincithakalo.
Umbhoshongo wezifiki awuselona idolobha;
Ngeke uphinde wakhiwe kabusha.
**3** Yingakho isizwe esinamandla siyokukhazimulisa;
Idolobha lezizwe ezinonya liyokwesaba.[d]
**4** Ngoba ube yisiphephelo kophansi,
Isiphephelo kompofu ekucindezelekeni kwakhe,[e]
Isiphephelo esiphephweni esinemvula,
Umthunzi ekushiseni.[f]
Lapho ulaka lwabanonya lunjengesiphepho esinemvula esishaya odongeni,
**5** Njengokushisa ezweni eliwugwadule,
Uyawuthulisa umsindo wezihambi.
Njengokushisa okudanjiswa ithunzi lefu,
Ingoma yabanonya iyathuliswa.
**6** Kule ntaba[g] uJehova wamabutho uyokwenzela zonke izizwe
Idili lezibiliboco,[h]
Idili lewayini elimnandi,*

**25:1** *Noma, "Izinjongo owawunazo." **25:6** *Noma, "lewayini eligcinwe enhleseni."

ISAHL. 24
a Jer 8:3; Hez 14:21
b Jer 48:44
c Jer 4:24
d 2Kh 21:16; 2Kr 36:15, 16; Jer 14:20
e IsA 21:23
f Hu 97:1; IsA 11:17
g Hu 132:13; Isay 12:6; Jow 3:17; Mik 4:7; Zak 2:10
h 1Kh 8:11

Uhla 2

ISAHL. 25
a Hu 40:5; Hu 98:1; Hu 107:8; Hu 145:1, 4
b Hu 33:11
c Dut 32:4; Neh 9:33
d Hu 46:10; Hu 66:3; Hez 38:23
e Hu 46:1; Nah 1:7; Zef 3:12
f Hu 91:1; Hu 121:5-7; Isay 49:10
g Isay 11:9; Isay 65:25
h Hu 72:16; Hu 85:11, 12; Jer 31:12

Idili lokudla okumnandi
okunomnkantsha,
Lewayini elimnandi, elihluziwe.
7 Kule ntaba uyosusa* umgubuzelo ogubuzele zonke
izizwe,
Nesembozo# eselukelwe
phezu kwazo zonke izizwe.
8 Uyogwinya* ukufa kuze
kube phakade,[a]
INkosi EnguMbusi uJehova
iyosula izinyembezi ebusweni babo bonke
abantu.[b]
Iyosusa ihlazo labantu bayo
kuwo wonke umhlaba,
Ngoba uJehova ngokwakhe
ukhulumile.
9 Ngalolo suku bayothi:
"Bheka! Lona nguNkulunkulu wethu![c]
Sithembele kuye,[d]
Uyosisindisa.[e]
Lona nguJehova!
Sithembele kuye.
Masijabule sithokoze ngensindiso yakhe."[f]
10 Ngoba isandla sikaJehova
siyohlala kule ntaba,[g]
UMowabi uyonyathelwa
endaweni yakhe[h]
Njengotshani bunyathelwa
buze bube umquba.
11 Uyokwelulela izandla zakhe
kuye*
Njengomuntu obhukudayo
elula izandla zakhe ukuze
abhukude,
Uyokuthobisa ukuqhosha
kwakhe[i]
Ngokunyakaza kwezandla
zakhe ngobuciko.
12 Uyolibhidliza idolobha elinezivikelo eziqinile,
Nezindonga zakho* eziphakeme zokulondeka;
Uyolidilizela phansi emhlabathini, othulini.

**26** Ngalolo suku kuyohlabelelwa le ngoma[a]
ezweni lakwaJuda:[b]
"Sinedolobha eliqinile.[c]
Wenza* insindiso ibe yizindonga zalo nendunduma
yenhlabathi yokuvikela.[d]
2 Vulani amasango,[e]
ukuze kungene isizwe esilungile,
Isizwe esithembekile.
3 Uyobaqapha labo abancika
kuwe ngokuphelele;*
Uyobanika ukuthula okuhlala njalo,[f]
Ngoba bathembele kuwe.[g]
4 Thembelani kuJehova kuze
kube phakade,[h]
Ngoba uJah* uJehova uyiDwala laphakade.[i]
5 Ngoba ubathobisile labo
abahlala endaweni ephakeme, edolobheni eliphakeme.
Uyalibhidliza,
Ulehlisela emhlabeni;
Uliwisela othulini.
6 Unyawo luyolinyathela,
Izinyawo zabahluphekile,
izinyathelo zabantu abaphansi."
7 Indlela yolungile iqotho.*
Ngoba wena uqotho,
Uyoyiqondisa indlela yolungile.
8 Njengoba silandela
indlela yezahlulelo zakho
Jehova,

ISAHL. 25
a Hos 13:14 1Ko 15:54 2Ti 1:10 IsA 20:14
b Isay 35:10 IsA 7:17 IsA 21:4
c Isay 25:1
d Hu 37:34 Hu 146:5
e Mik 7:7
f Hu 20:5 Zef 3:14, 15
g Hu 132:13, 14 Isay 12:6
h Isay 15:1 Zef 2:9
i Jer 48:29 Jak 4:6

Uhla 2

ISAHL. 26
a Eks 15:1 2Sa 22:1 Isay 12:5
b Jer 33:10, 11
c Hu 48:2, 12
d Isay 60:18 Zak 2:4, 5
e Isay 60:11
f Hu 119:165 Isay 54:13 Flp 4:6, 7
g Hu 9:10 Jer 17:7
h 2Kr 20:20 Hu 62:8 IzA 3:5
i Dut 32:4, 31

**25:7** *NgesiHebheru, "uyogwinya." #Noma, "Neveyili." **25:8** *Noma, "Uyoqeda." **25:11** *Okuwukuthi, uMowabi. **25:12** *Ngokusobala kukhulunywa ngoMowabi. **26:1** *Ngokusobala kubhekiselwa kuNkulunkulu. **26:3** *Noma kungaba, "abanokuthambekela okungenakunyakaziswa." **26:4** *Elithi "Jah" liyisifushaniso segama elithi Jehova. **26:7** *Noma, "iqondile."

Sithembele kuwe.
Silangazelela igama lakho nalokho elikumelelayo.*
9 Ebusuku ngikulangazelela ngomphefumulo wami wonke,
Yebo, umoya wami ulokhu ukufuna;[a]
Ngoba lapho wahlulela umhlaba,
Abahlala ezweni bafunda ukulunga.[b]
10 Ngisho noma omubi engaboniswa umusa,
Ngeke akufunde ukulunga.[c]
Ngisho nasezweni lobuqotho uyokwenza okubi,[d]
Ngeke akubone ukuphakama kukaJehova.[e]
11 O Jehova, isandla sakho siphakeme, kodwa abasiboni.[f]
Bazoyibona intshiseko onayo ngabantu bakho, bahlazeke.
Yebo, umlilo wakho uyozishisa uziqede izitha zakho.
12 O Jehova, uyosinika ukuthula,[g]
Ngoba konke esikwenzile
Ukubusisile.
13 O Jehova Nkulunkulu wethu, amanye amakhosi ngaphandle kwakho asibusile,[h]
Kodwa sikhuluma ngegama lakho kuphela.[i]
14 Bafile; ngeke baphile.
Abanamandla ekufeni, ngeke bavuke.[j]
Ngoba ubahlulele
Ukuze ubaqothule kungabe kusakhulunywa ngabo.
15 Usandisile isizwe Jehova,
Usandisile isizwe;
Uzikhazimulisile.[a]
Uyinwebe kakhulu yonke imingcele yezwe.[b]
16 O Jehova, ngesikhathi sokucindezeleka baphendukele kuwe;
Bathandaze ngokusuka enhliziyweni lapho ubayala.[c]
17 Njengoba nje owesifazane okhulelwe osezobeletha
Enemihelo futhi ekhala ngenxa yezinhlungu,
Nathi besinjalo ngenxa yakho Jehova.
18 Sakhulelwa, saba nemihelo,
Kodwa kunjengokungathi sabeletha umoya.
Asililethelanga insindiso izwe,
Akekho ozelwe ukuze ahlale ezweni.
19 UNkulunkulu uthi: "Abantu bakho abafile bayophila.
Izidumbu zabantu bami* ziyovuka.[d]
Phaphamani nimemeze ngenjabulo,
Nina enihlala othulini![e]
Ngoba amazolo akho anjengamazolo asekuseni,#
Nomhlaba uyovumela labo abangenamandla ekufeni ukuba baphinde baphile.△
20 Hambani bantu bami, ngenani emakamelweni enu angaphakathi,
Nivale iminyango ngemva kwenu.[f]
Zifihleni umzuzwana
Kuze kudlule intukuthelo.*[g]
21 Ngoba, bheka! uJehova uyeza evela endaweni yakhe

ISAHL. 26
a Hu 63:6; Hu 119:62; Luk 6:12
b Hu 9:8; Hu 58:10, 11; Hu 85:11, 13; Hu 96:13; Hu 97:2; Isay 61:11
c Hu 106:43
d Jer 2:7; Hos 11:7
e Hu 28:5; Isay 5:12
f Isay 6:9
g Isay 57:19; Jer 33:6, 7
h 2Kr 12:7, 8
i 2Ti 2:19
j Jer 51:39

Uhla 2
a Isay 60:21
b 1Kh 4:21
c Hu 78:34, 35; Hos 5:15
d Isay 25:8; Hos 13:14; Mar 12:26; Joh 5:28, 29; Joh 11:24, 25; IzE 24:15; 1Ko 15:21; 1Th 4:14; IsA 20:12, 13
e Gen 3:19
f Gen 7:15, 16; Eks 12:22, 23; IzA 18:10
g Hu 27:5; Hu 91:4

26:8 *Okuwukuthi, ukuba uNkulunkulu negama lakhe akhunjulwe, enziwe aziwe.

26:19 *NgesiHebheru, "Isidumbu sami." #Noma kungaba, "ezitshalo zasendle." △Noma, "uyozala labo abangenamandla ekufeni." 26:20 *Noma, "isijeziso."

Ukuze ahlulele abahlala ezweni ngenxa yesiphambeko sabo,
Izwe liyokuveza obala ukuchithwa kwegazi okukulo
Ngeke lisabafihla ababulewe balo."

**27** Ngalolo suku uJehova, ngenkemba yakhe ebukhali nenkulu neqinile,[a]
Uyomjezisa uLeviyathani,* inyoka esheshayo,
ULeviyathani, inyoka ethandelayo,
Uyosibulala lesi silwane sasolwandle.
**2** Ngalolo suku mculeleni lona wesifazane,* nithi:
"Insimu yamagilebhisi yewayini elinengwebu![b]
**3** Mina, Jehova, ngiyamqapha,[c]
Ngimnisela umzuzu nomzuzu.[d]
Ngimqapha ubusuku nemini,
Ukuze kungabi namuntu omlimazayo.[e]
**4** Angithukuthele neze.[f]
Ubani ozoza azolwa nami ephethe izihlahla zameva nokhula?
Ngizobanyathela ngibashise ngomlilo bonke.
**5** Kunalokho makafune isivikelo esiphephelweni sami.
Makenze ukuthula nami;
Enze ukuthula nami."
**6** Ezinsukwini ezizayo uJakobe uyomila izimpande,
U-Israyeli uyoqhakaza ahlume,[g]
Uyogcwalisa izwe ngomkhiqizo.[h]
**7** Ingabe kufanele ashaywe ngomvimbo womuntu omshayayo?
Noma ingabe kufanele abulawe ngokucekwa kwabantu bakhe ababulewe?
**8** Uyophikisana naye ngokumemeza okwethusayo lapho emxosha.
Uyomxosha ngokuqhuma kolaka lwakhe, ngosuku lomoya wasempumalanga.[a]
**9** Ngakho-ke isiphambeko sikaJakobe siyohlawulelwa ngale ndlela,[b]
Lesi kuyoba isithelo esiphelele lapho kususwa isono sakhe:
Uyokwenza wonke amatshe e-altare
Abe njengamatshe kashoki agayiwe,
Akukho zigxobo ezingcwele* noma izinti zezitsha zempepho eziyosala.[c]
**10** Ngoba idolobha elinezivikelo eziqinile liyoshiywa dengwane;
Amadlelo ashiywe dengwane njengehlane.[d]
Ithole liyoklaba khona, lilale khona
Lidle amagatsha akhona.[e]
**11** Lapho amahlumela alo esomile,
Abesifazane bayoza bawaphule,
Babase ngawo.
Ngoba lesi sizwe asiqondi.[f]
Yingakho uMenzi waso engeke asibonise isihe,
NoMbumbi waso engeke asibonise umusa.[g]

**12** Ngalolo suku uJehova uyovuthula izithelo, kusukela emfudlaneni ogelezayo woMfula# kuya eMhosheni* WaseGibhithe,[h] niyobuthwa omunye

---

**27:1, 9, 12** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **27:2** *Ngokusobala kushiwo u-Israyeli, lapha ubizwa ngowesifazane futhi ufaniswa nensimu yamagilebhisi.

**27:12** #Okuwukuthi, i-Ewufrathe.

---

**ISAHL. 27**
*a* Dut 32:41; Jer 47:6
*b* Hu 80:8; Isay 5:1; Jer 2:21
*c* Dut 33:29
*d* Isay 35:6; Isay 41:18; Isay 58:11
*e* Hu 121:4; Isay 46:3, 4
*f* Hu 85:2, 3; Isay 12:1
*g* Hez 39:25; Hos 14:5
*h* Isay 60:21, 22; Jer 30:18, 19

**Uhla 2**
*a* Jer 4:11; Hez 13:13
*b* Isay 4:4; Isay 48:10
*c* Mik 5:13, 14
*d* Isay 6:11, 12; Jer 26:18; IsiL 2:5; Hez 36:4
*e* Isay 32:14
*f* Dut 32:28; Isay 1:3; Jer 4:22; Hos 4:6
*g* 2Kr 36:15, 16; Hez 9:9, 10
*h* Num 34:2, 5

ngemva komunye, sizwe sa-
kwa-Israyeli.[a] 13 Ngalolo suku
kuyoshaywa uphondo olukhu-
lu,[b] labo abashabalalayo ezweni
lase-Asiriya[c] nalabo abahlakaze-
kile ezweni laseGibhithe,[d] bayo-
za bafike bakhothame kuJeho-
va entabeni engcwele eJerusa-
lema.[e]

28 Maye kuwo umqhele*
ovelele# wezidakwa za-
kwa-Efrayimi,[f]
Nembali ebunayo yobuhle
bazo obukhazimulayo,
Ephezu kwekhanda lesigodi
esivundile salabo abada-
kwe yiwayini!
2 Bheka! UJehova unomuntu
onamandla futhi oyi-
qhawe.
Njengesichotho esihambi-
sana nokuduma, isiphe-
pho esicekela phansi,
Njengokuduma okunezi-
khukhula ezinamandla,
Uyokuphonsa phansi em-
hlabeni ngamandla.
3 Imiqhele evelele* yezida-
kwa zakwa-Efrayimi
Iyonyathelwa ngezinyawo.[g]
4 Imbali ebunayo yobuhle
bazo obukhazimulayo,
Esekhanda lesigodi esivu-
ndile,
Iyoba njengekhiwane elivu-
thwe kuqala kungakabi yi-
hlobo,
Lapho umuntu elibona,
uyalikha alidle ngokushe-
sha.

5 Ngalolo suku uJehova wa-
mabutho uyoba njengomqhe-
le omuhle okhazimulayo nanje-
ngomhlobiso omuhle kubantu
bakhe abasele.[h] 6 Uyoba nje-
ngomoya wobulungisa kohlezi
ekwahluleleni nanjengomtho-
mbo wamandla kwabaxosha
izitha ezihlaselayo esangweni.[a]
7 Umpristi nomprofethi ba-
yaduka ngenxa yewayini;
Utshwala babo bubenza ba-
diyazele.
Bayaduka ngenxa yo-
tshwala;
Iwayini liyabaphithanisa,
Badiyazeliswa utshwala
babo;
Umbono wabo uyabadu-
kisa,
Bahlulela ngendlela engafa-
nele.[b]
8 Wonke amatafula agcwele
umhlanzo onyanyisayo
—Ugcwele yonke indawo.
9 Umuntu uyoludlulisela ku-
bani ulwazi,
Uyowuchazela bani umya-
lezo?
Labo abayekiswe ukuncela,
Labo abasuswe ebeleni?
10 Ngoba “ngumyalo phezu
komyalo, umyalo phezu
komyalo,
Umthetho* phezu komthe-
tho, umthetho phezu
komthetho,#[c]
Kancane lapha, kancane la-
phaya.”△

11 Uyokhuluma nalesi sizwe
esebenzisa labo abanamalimi*
nabakhuluma ulimi oluhlukile.[d]
12 Wake wathi kubo: “Lena yi-
ndawo yokuphumula. Okhathe-
le makaphumule; lena yindawo
yokunethezeka,” kodwa abala-
lelanga.[e] 13 Kubo izwi likaJe-
hova liyoba:

ISAHL. 27
a Dut 30:3 Neh 1:9 Isay 11:11, 12 Amo 9:14
b Isay 49:22 Isay 62:10
c 2Kh 17:6 Isay 11:16 Hos 9:3
d Jer 43:4, 7 Zak 10:10
e Isay 2:3 Isay 25:6 Isay 52:1 Jer 3:17

ISAHL. 28
f Isay 7:2
g 2Kh 17:6 Isay 17:3
h Isay 11:16

Uhla 2
a Hu 18:34 Hu 68:35
b 2Kh 16:10, 11 Jer 5:31
c 2Kh 21:13 Isay 28:17 IsiL 2:8
d Dut 28:49, 50 Jer 5:15 1Ko 14:21
e Hu 81:10, 11

**28:1** * Ngokusobala kushiwo inhloko-dolobha, iSamariya. # Noma, “oqhoshayo; oziqhenyayo.” **28:3** * Noma, “eqhoshayo; eziqhenyayo.”

**28:10** * NgesiHebheru, “Umucu wokukala.” # Noma, “Intambo yokukala phezu kwentambo yokukala, intambo yokukala phezu kwentambo yokukala.” △ Umyalezo ka-Isaya wawuzwakala uphindaphinda futhi unobuntwana kubaholi benkolo. **28:11** * NgesiHebheru, “abanezindebe ezingingizayo.”

"Ngumyalo phezu komyalo,
umyalo phezu komyalo,
Umthetho phezu komthetho, umthetho phezu
komthetho,*[a]
Kancane lapha, kancane lapha,"
Ukuze kuthi lapho behamba,
Bakhubeke, bawe babheke
phezulu
Baphuke babambeke babanjwe.[b]
14 Ngakho yizwani izwi likaJehova, nina eniqhoshayo,
Nina babusi balesi sizwe
eniseJerusalema,
15 Ngoba nina madoda nithi:
"Senze isivumelwano noKufa,[c]
Senze isivumelwano* neThuna.#
Lapho isikhukhula esinamandla sidlula,
Ngeke sifinyelele kithi,
Ngoba senze amanga aba
yisiphephelo sethu
Sizifihle emangeni."[d]
16 Ngakho-ke yilokhu iNkosi
EnguMbusi uJehova ekushoyo:
"Bheka ngibeka itshe njengesisekelo eZiyoni, itshe
elivivinyiwe,[e]
Itshe eliyigugu eliyinhloko[f]
lesisekelo esiqinile.[g]
Akekho obonisa ukholo
kulo oyokwethuka.[h]
17 Ubulungisa ngizobenza
bube yintambo yokukala[i]
Ukulunga kube yithuluzi lokuqondisa.[j]
Isichotho siyosikhukhula
isiphephelo samanga,
Namanzi akhukhule indawo
yokucasha.
18 Isivumelwano senu noKufa
siyoqedwa,
Nesivumelwano senu neThuna# ngeke sime.[a]
Lapho isikhukhula esinamandla sidlula,
Siyonikhukhula.
19 Njalo lapho sidlula,
Siyomuka nani;[b]
Ngoba siyodlula njalo ekuseni,
Emini nasebusuku.
Ukwesaba kuphela okuyobenza baqonde umyalezo."*
20 Ngoba umbhede mfushane
kakhulu ukuba umuntu
angenaba kuwo,
Nengubo incane kakhulu
ukuba umuntu angazisonga ngayo.
21 Ngoba uJehova uyovuka
njengaseNtabeni iPherazimi;
Uyovuka njengasesigodini
esiseduze* kweGibheyoni,[c]
Ukuze enze isenzo
sakhe—isenzo sakhe esiyinqaba—
Ukuze enze umsebenzi
wakhe—umsebenzi wakhe
ongajwayelekile.[d]
22 Manje ningaklolodi,[e]
Ukuze izibopho zenu zingaqiniswa kakhulu,
Ngoba ngizwile ngeNkosi
EnguMbusi uJehova wamabutho,
Ukuthi kunqunyiwe ukuba
lonke izwe* liqothulwe.[f]

---

**28:13** *Noma, "Intambo yokukala phezu kwentambo yokukala, intambo yokukala phezu kwentambo yokukala." **28:15** *Noma kungaba, "Sibangele ukuba kube khona umbono." **28:15, 18** #Noma, "neShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**28:19** *Noma kungaba, "Lapho beqonda, bayokwesaba kakhulu." **28:21** *Noma, "njengasethafeni eliphansi eliseduze." **28:22** *Noma, "wonke umhlaba."

---

**ISAHL. 28**
a Isay 28:17
b 2Kr 36:15, 16; Isay 8:14, 15
c Isay 28:18
d Isay 30:9, 10
e Hu 118:22
f Mat 21:42; Mar 12:10; Luk 20:17; IzE 4:11
g Efe 2:19, 20
h Rom 9:33; Rom 10:11; 1Pe 2:4, 6
i 2Kh 21:13
j Jer 11:20

**Uhla 2**
a Isay 28:15
b Isay 24:1
c Jos 10:8-14; 2Sa 5:20; 1Kr 14:10-16
d IsiL 2:15; Hab 1:5-7
e 2Kr 36:15, 16; Jer 20:7
f Isay 10:23; Isay 24:1

**23** Bekani indlebe, nilalele izwi lami;
Nakani nilalele engikushoyo.
**24** Ingabe umlimi ulima usuku lonke ngaphambi kokuba ahlwanyele imbewu?
Ingabe ulokhu evukuza futhi ehlelemba inhlabathi?[a]
**25** Lapho eseyihlelembile,
Akasakazi yini ikhumini elimnyama ahlwanyele ikhumini,
Akahlwanyeli yini ukolweni, unyaluthi nebhali endaweni yako,
Nesipelite[b] emingceleni?
**26** UNkulunkulu ufundisa umuntu indlela* elungile;
UNkulunkulu wakhe uyamyala.[c]
**27** Ngoba ikhumini elimnyama alibhulwa ngesibhulo,[d]
Isondo lenqola alihambi phezu kwekhumini.
Kunalokho, ikhumini elimnyama libhulwa ngenduku,
Nekhumini ngodondolo.
**28** Lapho kubhulwa, umuntu uyakugaya yini ukudla okusanhlamvu kuze kucoliseke ukuze enze isinkwa?
Cha, akalokhu ekubhula kuze kucoliseke;[e]
Lapho ehambisa isondo lenqola yakhe phezu kwako ngamahhashi akhe,
Akakugayi.[f]
**29** Lokhu nakho kuvela kuJehova wamabutho,
Okhipha iseluleko* esimangalisayo
Ofeza izinto ezinkulu.#[g]

**28:26** *Noma, "uqondisa umuntu ngendlela; ujezisa umuntu ngendlela." **28:29** *Noma, "injongo." #Noma, "Onokuhlakanipha okukhulu."

**ISAHL. 28**
a Hu 30:5 Hu 103:9 Mik 7:18
b Eks 9:31, 32 Hez 4:9
c Hu 119:71
d Isay 41:15 Amo 1:3
e Hu 103:9 Isay 21:10 Mik 7:18
f Lev 26:44 Jer 10:24
g Hu 40:5 Jer 32:19 Rom 11:33

**Uhla 2**

**ISAHL. 29**
a 2Sa 5:7, 9
b Dut 16:16
c Dut 28:53-55
d Isay 51:19 IsiL 1:4
e Jer 15:14 Zef 1:7
f 2Kh 24:11 2Kh 25:1
g Isay 51:23
h Isay 13:19 Isay 14:22 Isay 21:9
i Isay 13:11 Isay 17:13
j Isay 47:9 Isay 48:3
k 1Sa 2:10 Jer 50:25 Nah 1:3

# 29

"Maye nge-Ariyeli,* i-Ariyeli, idolobha uDavide akanisa kulo![a]
Qhubekani unyaka nonyaka;
Imijikelezo yemikhosi[b] mayiqhubeke.
**2** Kodwa ngizoletha ukucindezeleka e-Ariyeli,[c]
Kuyoba khona ukukhala nesililo,[d]
Kimi liyoba njengeziko lealtare likaNkulunkulu.[e]
**3** Ngiyokanisa nxazonke zakho ngikuhlasele,
Ngiyokuvimbezela ngothango lwezigxobo ezicijile
Ngakhe izindonga zokukuvimbezela.[f]
**4** Uyothotshiswa;
Uyokhuluma usemhlabathini,
Uthuli luyobangela ukuba kungezwakali okushoyo.
Izwi lakho liyovela emhlabathini[g]
Njengezwi losebenzelana nemimoya,
Izwi lakho liyotshiyoza livela othulini.
**5** Isixuku sezitha zakho* siyoba njengokusampuphu okucolekile,[h]
Isixuku sabacindezeli sibe njengamakhoba apheshulwa umoya.[i]
Kuyokwenzeka ngomzuzwana, ngokuzumayo.[j]
**6** UJehova wamabutho uyokunaka ukuze akukhulule
Ngokuduma, ngokuzamazama nangomsindo omkhulu,
Ngesivunguvungu nesiphepho, nangelangabi lomlilo oqothulayo."[k]

**29:1** *Cishe kusho ukuthi "Iziko Le-altare LikaNkulunkulu," ngokusobala kushiwo iJerusalema. **29:5** *NgesiHebheru, "salabo ongabazi."

7 Isixuku sazo zonke izizwe
ezilwa ne-Ariyeli,[a]
—Bonke labo abalwa nalo,
Imibhoshongo yokulivimbezela,
Nalabo abalilethela ukucindezeleka—
Bayoba njengephupho, umbono wasebusuku.
8 Yebo, kuyoba njengalapho umuntu olambile ephupha edla,
Kodwa avuke elambile,
Nanjengalapho umuntu owomile ephupha ephuza,
Kodwa avuke ekhathele futhi omile.
Kuyokwenzeka kanjalo ngesixuku sazo zonke lezi zizwe
Ezilwa neNtaba iZiyoni.[b]
9 Shaqekani nimangale;[c]
Valani amehlo nibe yizimpumputhe.[d]
Badakiwe kodwa abadakiwe yiwayini;
Bayadiyazela kodwa akungenxa yotshwala.
10 Ngoba uJehova uthululele kini umoya wobuthongo obukhulu;[e]
Uwavalile amehlo enu, nina baprofethi,[f]
Umboze amakhanda enu, nina baboni bemibono.[g]

11 Kini yonke imibono iba
njengamazwi encwadi evaliwe.[h]
Lapho beyinika umuntu okwa-
zi ukufunda, bethi: "Sicela ufu-
nde la ngokuzwakalayo," uyo-
thi: "Angikwazi ngoba ivaliwe."
12 Lapho le ncwadi beyinika
umuntu ongakwazi ukufunda,
bethi: "Sicela ufunde la," uyo-
thi: "Angikwazi nhlobo ukufu-
nda."
13 UJehova uthi: "Lesi sizwe sithi siza kimi
Singidumisa ngezindebe zaso,[a]
Kodwa inhliziyo yaso ikude nami;
Singesaba ngenxa yemiyalo esiyifundiswe ngabantu.[b]
14 Ngakho-ke, Mina ngiyophinde ngenze izinto ezimangalisayo ngalesi sizwe,[c]
Isimangaliso phezu kwesimangaliso;
Ukuhlakanipha kwabantu baso abahlakaniphile kuyoshabalala,
Nokuqonda kwabantu baso abanokuqonda kuyophela."[d]
15 Maye kulabo abajula kakhulu ekufihleleni uJehova amacebo* abo.[e]
Izinto abazenzayo bazenza ebumnyameni,
Kuyilapho bethi: "Ngubani osibonayo?
Ngubani owaziyo ngathi?"[f]
16 Yeka indlela enisonta ngayo izinto!*
Ingabe umbumbi kufanele abhekwe njengobumba?[g]
Into eyenziwe kufanele yini ithi ngomenzi wayo:
"Akangenzanga"?[h]
Into ebunjiwe iyasho yini ngombumbi wayo ukuthi:
"Akaqondi"?[i]
17 Maduzane iLebhanoni liyophendulwa ingadi yezithelo,[j]
Ingadi yezithelo iyobhekwa njengehlathi.[k]
18 Ngalolo suku abayizithulu bayozwa amazwi ale ncwadi,
Ebumnyameni abayizimpumputhe bayobona.[l]
19 Abamnene bayothokoza ngoJehova,

**ISAHL. 29**
a Jer 25:12, 14
b Isay 10:12; Jer 51:24
c Hab 1:5
d Isay 6:9
e Isay 6:10; Rom 11:8
f Jer 14:14; Jer 27:15
g Mik 3:7
h Isay 8:16

**Uhla 2**
a Isay 48:1; Jer 5:2
b Mat 15:7-9; Mar 7:6-8
c Isay 28:21; Hab 1:5
d Jer 8:9; 1Ko 1:19
e Isay 30:1
f Hez 8:12
g Isay 64:8
h Jer 18:6
i Rom 9:20, 21
j Isay 35:1; Isay 41:19
k Isay 32:14, 15
l Isay 35:5; Isay 42:16

**29:15** *Noma, "injongo." **29:16** *Noma, "Yeka ukonakala kwenu!"

Nabampofu esintwini ba-
yojabula ngoNgcwele ka-
Israyeli.[a]
20 Ngoba umcindezeli uyobe
engasekho,
Nozigabisayo kuyophela
ngaye,
Nabo bonke abahlala be-
bheke ithuba lokwenza
okulimazayo bayobhuji-
swa,[b]
21 Labo ngamanga abo abenza
abanye babe necala,
Ababekela umuntu ovike-
layo* izicupho esangweni
ledolobha,[c]
Nalabo ngezimpikiswano
ezingathi shu abenza uku-
ba olungile angabutholi
ubulungisa.[d]

22 Ngakho yilokhu uJehova
owakhulula u-Abrahama[e] aku-
shoyo endlini kaJakobe:

"UJakobe ngeke esaba na-
mahloni,
Ubuso bakhe ngeke busa-
phaphatheka.*[f]
23 Ngoba lapho ebona aba-
ntwana bakhe,
Umsebenzi wezandla zami,
phakathi kwakhe,[g]
Bayongcwelisa igama lami;
Impela bayomngcwelisa
oNgcwele kaJakobe,
Bayoma bemangele ngenxa
kaNkulunkulu
ka-Israyeli.[h]
24 Labo abadukile bayothola
ukuqonda,
Nalabo abakhonondayo ba-
yokwamukela isiqondiso."

30 "Maye emadodaneni
anenkani,"[i] kusho uJe-
hova,
"Afeza amacebo okungewo-
na awami,[j]
Enza izivumelwano* kodwa
hhayi ngomoya wami,
Ukuze anezele isono kwesi-
nye isono.
2 Ayahamba aye eGibhithe[a]
engakhulumanga nami,*[b]
Ukuze ayokhosela ngapha-
nsi kwesivikelo# sikaFaro
Nokuba aphephele emthu-
nzini weGibhithe!
3 Kodwa isivikelo sikaFaro
siyoba yisizathu sokuhla-
zeka,
Ukuphephela emthunzini
weGibhithe kube yimba-
ngela yokululazeka.[c]
4 Ngoba izikhulu zakhe zise-
Zowani,[d]
Nezithunywa zakhe zifinye-
lele eHanesi.
5 Bonke bayoba namahloni
Ngesizwe esingeke sibazu-
zise ngalutho,
Esingasizi nesingazuzisi
ngalutho,
Kodwa esibangela amahlo-
ni nesihlazanayo."[e]

6 Isimemezelo ngokumelene
nezilwane zaseningizimu:

Izithunywa zibeka umno-
tho wazo emhlane wezi-
mbongolo,
Nempahla yazo emalundeni
amakamela,
Zidabule ezweni lokucinde-
zeleka nelobunzima,
Lebhubesi, ibhubesi elibho-
ngayo,
Lenyoka nenyoka yomlilo
endizayo.*
Kodwa lezi zinto ngeke zi-
sizuzise ngalutho lesi si-
zwe.

ISAHL. 29
a Isay 41:16
b Mik 2:1
c Amo 5:10
d Hez 13:19
e Neh 9:7; Mik 7:20
f Jow 2:27
g Isay 45:11
h Isay 8:13; Hos 3:5

ISAHL. 30
i Isay 1:2; Isay 63:10; Isay 65:2
j Isay 29:15

Uhla 2
a Isay 31:1; Hez 29:6
b Num 27:21; 1Kh 22:7
c Jer 17:5
d Isay 19:11; Hez 30:14
e Isay 31:3; Jer 2:36

29:21 *NgesiHebheru, "oyalayo." 29:22 *Okuwukuthi, ngenxa yamahloni nokudumazeka.

30:1 *NgesiHebheru, "athulula umnikelo wokuphuzwayo," ngokusobala kubhekiselwa ekwenzeni isivumelwano. 30:2 *Noma, "engazange abuze okuphuma emlonyeni wami." #NgesiHebheru, "esiphephelweni." 30:6 *Noma, "nenyoka enesihlungu esheshayo."

7 Usizo lwaseGibhithe luyinto engathi shu.[a]
Ngakho ngilibize ngokuthi:
"URahabi,[b] ohlalayo nje angenzi lutho."
8 "Manje hamba, bhala la mazwi etsheni eliyisicaba phambi kwabo,
Wabhale encwadini,[c]
Ukuze asebenze osukwini oluzayo,
Abe ubufakazi kuze kube phakade.[d]
9 Ngoba siyisizwe esidlubulundayo,[e] amadodana akhohlisayo,[f]
Amadodana angathandi ukuzwa umthetho* kaJehova.[g]
10 Sithi kubaboni, 'Akumele nibone,'
Nakulabo ababona imibono, 'Ningasitsheli imibono eyiqiniso.[h]
Sitsheleni izinto ezizosikitaza izindlebe;* bonani imibono ekhohlisayo.[i]
11 Chezukani endleleni; phambukani endleleni.
Yekani ukubeka phambi kwethu oNgcwele ka-Israyeli.'"[j]
12 Ngakho-ke yilokhu oNgcwele ka-Israyeli akushoyo:
"Ngenxa yokuthi nilenqabile leli zwi,[k]
Nathembela ekukhwabaniseni nasekukhohliseni
Nancika kukho,[l]
13 Lesi siphambeko siyoba njengodonga olubhidlikile kini,
Njengodonga oluphakeme oluvokomele oseluzowa.
Luyobhidlika ngokuzumayo, ngomzuzwana.
14 Luyophihlizwa njengembiza enkulu yobumba,
Ephihlizwe ngokuphelele kwangasala ngisho nezicucu
Okungahhalwa ngazo umlilo eziko
Noma okungakhiwa ngazo amanzi exhaphozini."*
15 Ngoba yilokhu iNkosi Engu-Mbusi uJehova, oNgcwele ka-Israyeli ekushoyo:
"Niyosindiswa ngokuba nibuyele kimi futhi niphumule.
Niyoba namandla uma nizola futhi ningethemba."[a]
Kodwa anithandanga.[b]
16 Kunalokho nathi: "Cha, sizogibela amahhashi sibaleke!"
Ngakho nizobaleka.
"Sizogibela amahhashi anejubane!"[c]
Ngakho labo abanijahayo bazoba nejubane.[d]
17 Inkulungwane iyokwesatshiswa umuntu oyedwa;[e]
Niyobaleka ngenxa yokwesatshiswa abantu abahlanu
Kuze kube yilapho senisele njengensika esiqongweni sentaba,
Nanjengesigxobo esiwuphawu egqumeni.[f]
18 Kodwa uJehova ulinde ngesineke* ukuze anibonise umusa,[g]
Uyothatha isinyathelo ukuze anibonise isihe.[h]
Ngoba uJehova unguNkulunkulu wobulungisa.[i]
Bayajabula bonke abahlala bemlindele.#[j]

19 Lapho abantu behlala
eZiyoni, eJerusalema,[k] ngeke
neze ukhale.[l] Nakanjani uyoku-
bonisa umusa lapho kuzwakala

30:9 *Noma, "isiqondiso." 30:10 *NgesiHebheru, "ezibushelelezi."

30:14 *Noma kungaba, "emthonjeni." 30:18 *Noma, "uhlala elindile." #Noma, "abamlinde ngokulangazela."

ISAHL. 30
a Isay 31:1; Jer 37:7, 8
b Hu 87:4; Hu 89:10
c Isay 8:1; Jer 36:2
d Rom 15:4
e Dut 31:27; Isay 1:4; Jer 44:3
f Isay 59:3; Jer 9:3
g 2Kr 33:10; 2Kr 36:15, 16; Neh 9:29; Jer 7:13
h 2Kr 16:10; 2Kr 18:7; Jer 11:21; Jer 26:11
i Jer 23:16, 17; Hez 13:7; Mik 2:11
j Amo 7:13, 16
k Amo 2:4, 5
l Jer 13:25; Mik 3:11

Uhla 2
a 1Kr 5:20; 2Kr 16:8; Isay 26:3
b Mat 23:37; IzE 7:51
c Isay 31:1, 3
d Dut 28:49, 50; Jer 4:13; IsiL 4:19; Hab 1:6, 8
e Lev 26:36; Dut 32:30
f Hez 12:16
g Eks 34:6; Hez 36:9, 10
h Hu 102:13; Rom 9:15
i Hu 99:4; Jer 10:24
j Jer 17:7
k Neh 11:1; Isay 44:28; Isay 62:1; Jer 31:6; Zak 1:17
l Neh 12:27; Isay 61:3

ukukhala kwakho; ngokushe-
sha lapho ekuzwa uyokuphe-
ndula.[a] **20** Nakuba uJehova
eyoninika usizi njengesinkwa
nokucindezeleka njengama-
nzi,[b] uMfundisi wakho Omkhu-
lu ngeke esazifihla, uyombo-
na ngamehlo uMfundisi wakho
Omkhulu.[c] **21** Uma kwenzeka
nishiya indlela efanele niya
ngakwesokudla noma ngakwe-
sobunxele, izindlebe zenu ziyo-
zwa izwi ngemva kwenu lithi,
"Nansi indlela.[d] Hambani nga-
yo."[e]

**22** Niyongcolisa imifanekiso
yenu ebaziwe enanyekwe nge-
siliva nezithombe zenu zensi-
mbi* ezinanyekwe ngegolide.[f]
Niyozilahla njengengubo ese-
tshenziswa owesifazane osesi-
khathini, nithi kuzo: "Sukani
lapha!"#[g] **23** Uyoletha imvula
yokunisela imbewu yenu eni-
yihlwanyele emhlabathini,[h] ne-
sinkwa esikhiqizwa umhlaba-
thi siyoba siningi sibe nomso-
co.*[i] Ngalolo suku imfuyo yenu
iyoklaba emadlelweni avuleki-
le.[j] **24** Izinkomo nezimbongo-
lo ezilima umhlabathi ziyo-
dla ifolishi elinongwe ngesi-
muncwane, elihlungwa ngeha-
lavu nangemfoloko. **25** Phe-
zu kwazo zonke izintaba ezi-
phakeme naphezu kwawo wo-
nke amagquma aphakeme ku-
yoba khona imifudlana ne-
misele yamanzi,[k] ngosuku lo-
kuhlaba okukhulu lapho imi-
bhoshongo iwa. **26** Ukukha-
nya kwenyanga egcwele kuyo-
ba njengokukhanya kwelanga;
nokukhanya kwelanga kuyo-
ba namandla ngokuphindwe
kasikhombisa,[l] njengokukha-
nya kwezinsuku eziyisikhombi-
sa, ngosuku uJehova abopha
ngalo ukuphuka kwabantu ba-
khe,[a] apholise nenxeba elibi lo-
mvimbo obangelwe nguye.[b]

**27** Bheka! Igama likaJehova
liza livela kude,
Livutha ngentukuthelo
yakhe nangamafu
amnyama.
Izindebe zakhe zigcwele
ulaka,
Nolimi lwakhe lunjengomli-
lo oqothulayo.[c]
**28** Umoya wakhe unjenge-
sikhukhula esinamandla
esifinyelela entanyeni,
Ukuze unyakazise izizwe
ngesisefo sembubhiso;*
Izizwe ziyofakwa amatomu
emihlathini yazo[d] ayoze-
nza ziduke.
**29** Kodwa ingoma yakho iyoba
njengengoma eculwa ebu-
suku
Lapho ulungiselela* um-
khosi,[e]
Nenhliziyo yakho iyojabula
njengeyomuntu
Ohamba ephethe um-
tshingo
Elibangise entabeni kaJe-
hova, eDwaleni lika-Isra-
yeli.[f]
**30** UJehova uyokwenza ukuba
izwi lakhe elinamandla[g]
lizwakale
Enze ingalo yakhe ibona-
kale[h] njengoba yehla nge-
ntukuthelo,[i]
Ngelangabi lomlilo oqothu-
layo,[j]
Imvula enamandla[k] noku-
duma nesichotho.[l]
**31** Ngoba ngenxa yezwi likaJe-
hova i-Asiriya liyofikelwa
ukwesaba okukhulu;[m]
Uyolishaya ngenduku.[n]

ISAHL. 30
*a* Jer 29:11, 12
*b* Lev 26:26; Hu 80:5
*c* Job 36:22; Hu 32:8; Hu 71:17; Hu 119:102
*d* Hu 25:8, 9
*e* Dut 5:32; Jos 1:7, 8; IzA 4:27
*f* Eks 32:4; Dut 7:5, 25; Hlu 17:3, 4
*g* Hos 14:8; Zak 13:2
*h* Hu 65:9; Zak 10:1
*i* Hos 2:21, 22
*j* Isay 65:10
*k* Isay 41:18; Isay 44:3
*l* Isay 60:20; IsA 21:23; IsA 22:5

Uhla 2
*a* IsiL 2:13
*b* Jer 33:6; Amo 9:11
*c* Isay 10:17; Nah 1:6; Zef 3:8
*d* 2Kh 19:28; Hu 32:9
*e* Dut 16:14; Hu 42:4; Jer 33:10, 11
*f* Dut 32:4; Isay 26:4
*g* Hu 29:3, 4
*h* Eks 15:16; Hu 98:1
*i* Nah 1:2
*j* Hu 18:13
*k* Hlu 5:4
*l* Jos 10:11
*m* Isay 37:36
*n* Isay 10:12

**30:22** *Noma, "ezenziwe ngokuncibilikisiwe." #Noma kungaba, "nithi ziwukungcola." **30:23** *NgesiHebheru, "siyonona sibe namafutha."

**30:28** *NgesiHebheru, "ngesisefo sokungabi nanzuzo." **30:29** *Noma, "uzingcwelisela."

32 Ukushwibeka ngakunye
kwenduku yakhe yokujezisa
UJehova ayoyiletha phezu kwe-Asiriya
Kuyohambisana namathamborini namahabhu[a]
Njengoba ebaphakamisela isandla sakhe empini.[b]
33 Ngoba iThofeti*[c] lakhe selilungisiwe;
Lilungiselelwe nenkosi.[d]
Wenze indawo yokubeka izinkuni yajula futhi yaba banzi,
Umlilo nezinkuni kuningi.
Ukuphefumula kukaJehova, njengomfula wesibabule,#
Kuyolishisa.

31 Maye kulabo abaya eGibhithe beyofuna usizo,[e]
Labo abathembela emahhashini,[f]
Abathembela ezinqoleni zempi ngenxa yokuthi ziningi,
Nasemahhashini empi*
ngoba enamandla.
Kodwa ababheki koNgcwele ka-Israyeli,
Abamfuni uJehova.
2 Kodwa yena uhlakaniphile futhi uyoletha inhlekelele,
Ngeke awahoxise amazwi akhe.
Uyovuka amelane nendlu yabenzi bokubi
Nalabo abasiza abenza okubi.[g]
3 Nokho, abaseGibhithe bangabantu nje, abayena uNkulunkulu;
Amahhashi abo ayinyama, awawona umoya.[a]
Lapho uJehova elula isandla sakhe,
Noma ubani osizayo uyokhubeka,
Nalowo osizwayo uyowa;
Bonke bayoshabalala kanyekanye.
4 Ngoba yilokhu uJehova akushilo kimi:
"Njengoba nje ibhubesi ligwavuma, iwundlu lebhubesi elinamandla* ligwavuma lilwela inyamazane yalo,
Lapho kubizwa iviyo labelusi ukuba bazolihlasela,
Alithuswa amazwi abo
Noma lesatshiswe ukuphithizela kwabo;
Ngendlela efanayo uJehova wamabutho uyokwehla ukuze alwele
INtaba iZiyoni negquma layo.
5 Njengezinyoni ezindiza zehlele phansi, uJehova wamabutho uyolivikela ngendlela efanayo iJerusalema.[b]
Uyolivikela alisindise.
Uyoliphephisa alikhulule."

6 "Buyelani kuLowo enimvukele ingcaca, nina bantu bakwa-Israyeli.[c] 7 Ngoba ngalolo suku yilowo nalowo uyobalahla onkulunkulu bakhe besiliva abangasizi ngalutho nonkulunkulu bakhe begolide abangenanzuzo, izandla zenu ezinenzele bona ngesono.
8 UmAsiriya* uyofa ngenkemba, hhayi eyomuntu;
Inkemba okungeyona eyomuntu iyomshwabadela.[d]

ISAHL. 30
a Eks 15:20 Hlu 11:34
b Isay 10:24, 26
c 2Kh 23:10 Jer 7:32
d Isay 37:37, 38 Hez 32:22

ISAHL. 31
e Isay 30:2
f Dut 17:15, 16
g Hez 29:6, 7

Uhla 2
a Hu 33:17 IzA 21:31
b Dut 32:11, 12 Hu 91:4
c Isay 55:7 Jow 2:12
d 2Kh 19:35 2Kr 32:21 Isay 37:36

30:33 *"IThofeti" lapha lisho indawo yokushisa izinto, limelela ukubhujiswa. #Igama elithi "isibabule" lapha lisho uhlobo oluthile lwempuqumpuqu evuthayo. 31:1 *Noma, "Nasemadodeni agibele amahhashi."

31:4 *Noma, "ibhongo lengonyama elinomhlwenga." 31:8 *Kushiwo i-Asiriya njengesizwe.

Uyobaleka ngenxa yenkemba,
Izinsizwa zakhe ziyokwenziwa izigqila.
9 Idwala lakhe liyoshabalala ngenxa yokwethuka,
Izikhulu zakhe ziyokwesaba kakhulu ngenxa yesigxobo esiwuphawu," kusho uJehova,
Okukhanya kwakhe* kuseZiyoni nosithando sakhe somlilo siseJerusalema.

32 Bheka! Inkosi[a] iyobusa ngenjongo yokulunga,[b]
Nezikhulu ziyobusa ngenjongo yobulungisa.
2 Ngamunye kubo uyoba njengendawo* yokucashela umoya,
Indawo yokucashela# isiphepho esinemvula,
Njengemifudlana yamanzi ezweni elingenamanzi,
Njengomthunzi wedwala elikhulu ezweni elomile.[c]
3 Amehlo alabo ababonayo ngeke esavaleka,
Nezindlebe zalabo abezwayo ziyolalela.
4 Inhliziyo yabanamawala iyozindla ngolwazi,
Nolimi olungingizayo luyokhuluma kahle nangokucacile.[d]
5 Ongenangqondo ngeke kusathiwa uyaphana,
Nomuntu okhohlakele ngeke abizwe ngesicukuthwane;
6 Ngoba umuntu ongenangqondo uyokhuluma izinto ezingenangqondo,
Nenhliziyo yakhe iyoceba izinto ezilimazayo,[e]
Ukuze ikhuthaze ukuhlubuka* nokuba ikhulume amanga ngoJehova,
Ukuze ibangele olambile ukuba angakutholi ukudla,
Nokuba incishe owomile okuphuzwayo.
7 Amacebo omuntu okhohlakele mabi;[a]
Ukhuthaza ukuziphatha okubangela amahloni
Ukuze adicilele phansi ohluphekile ngamanga,[b]
Ngisho nalapho ompofu ekhuluma okulungile.
8 Kodwa umuntu ophanayo uhlale efuna ukupha,
Uyaphikelela ezenzweni zokupha.
9 "Nina besifazane abakhululekile, sukumani nilalele izwi lami!
Nina madodakazi angenandaba,[c] lalelani lokho engikushoyo!
10 Esikhathini esingaphezu nje konyaka, nina eningenandaba niyothuthumela,
Ngoba kuyobe kungekho zithelo ezivuniwe lapho kuphela inkathi yokuvunwa kwamagilebhisi.[d]
11 Thuthumelani nina besifazane abakhululekile!
Qhaqhazelani, nina eningenandaba!
Khumulani nibe nqunu,
Nibhince indwangu yesaka ezinkalweni zenu.[e]
12 Zishayeni amabele nilile
Ngenxa yamasimu afiselekayo namasimu amagilebhisi athelayo.
13 Ngoba umhlabathi wabantu bami uyogcwala ameva nezihlahla zameva;
Ayomila kuzo zonke izindlu zenjabulo,

ISAHL. 32
a Gen 49:10 Hu 2:6 Luk 1:32, 33 Joh 1:49
b Hu 45:6 Hu 72:1 Isay 9:7 Isay 11:4, 5 Jer 23:5 Zak 9:9 Heb 1:9 IsA 19:11
c Isay 35:6
d Isay 35:6
e Mik 2:1

Uhla 2
a Jer 5:26 Mik 7:3
b 1Kh 21:9, 10
c Isay 3:16
d IsiL 2:12 Zef 1:13
e Isay 3:24

31:9 *Noma, "Omlilo wakhe." 32:2 *Noma, "njengompheme." #Noma, "Isiphephelo sokucashela."

32:6 *Noma, "ukudelela."

Yebo, edolobheni lento-
kozo.[a]
14 Ngoba umbhoshongo onezi-
vikelo eziqinile ushiyiwe;
Idolobha elinomsindo lishi-
ywe dengwane.[b]
I-Ofeli[c] nenqaba yokuqapha
sekuyincithakalo unom-
phela,
Izimbongolo zasendle ziya-
jabula ngakho,
Sekuyidlelo lemihlambi,[d]
15 Kuze kube yilapho seku-
thululelwe phezu kwethu
umoya ovela phezulu,[e]
Nehlane liba yingadi yezi-
thelo,
Nengadi yezithelo isibhe-
kwa njengehlathi.[f]
16 Khona-ke ubulungisa buyo-
hlala ehlane,
Nokulunga kuhlale engadi-
ni yezithelo.[g]
17 Umphumela wokulunga
kweqiniso uyoba uku-
thula,[h]
Nesithelo sokulunga kweqi-
niso siyoba ukuthula no-
kulondeka kuze kube pha-
kade.[i]
18 Abantu bami bayohlala
endaweni enokuthula,
Nasezindaweni zokuhlala
ezilondekile nasezinda-
weni zokuphumula ezino-
kuthula.[j]
19 Isichotho siyowisa ihlathi,
Idolobha liyocekelwa pha-
nsi ngokuphelele.
20 Niyajabula nina eni-
hlwanyela imbewu noma
kuphi lapho kunamanzi
khona,
Enithuma* inkunzi nembo-
ngolo."[k]

33 Maye kuwe, wena obhu-
bhisayo kodwa ongaza-
nge ubhujiswe;[l]
Wena okhohlisayo kodwa
ongazange ukhohliswe!
Lapho usuqedile uku-
bhubhisa, nawe uyobhuji-
swa.[a]
Lapho usuqedile ukukho-
hlisa, nawe uyokhohli-
swa.
2 O Jehova, sibonise umusa.[b]
Sithembele kuwe.
Sisekele ngengalo* yakho[c]
njalo ekuseni,
Yebo, sisindise esikhathini
sokucindezeleka.[d]
3 Lapho kuzwakala izwi la-
kho izizwe ziyabaleka.
Lapho usukuma, izizwe zi-
yahlakazeka.[e]
4 Impango yenu iyobuthwa,
njengalapho kubuthana
izintethe eziqothulayo;
Abantu bayogijimela kuyo
njengesikhonyane.
5 UJehova uyophakanyiswa,
Ngoba uhlala endaweni
ephakeme.
Uyogcwalisa iZiyoni ngobu-
lungisa nangokulunga.
6 Nguye okunika ukulondeka;
Insindiso enkulu,[f] ukuhla-
kanipha, ulwazi nokwesa-
ba uJehova[g]
—Lena yingcebo yakhe.
7 Bheka! Amaqhawe abo aya-
khala emgwaqweni;
Izithunywa zokuthula zi-
khala kalusizi.
8 Imigwaqo emikhulu ishi-
yiwe;
Akekho ohamba ezindle-
leni.
Isitha sisephulile isivume-
lwano;
Siwadelelile amadolobha;
Asinandaba namuntu.[h]
9 Izwe liyalila,* liyabuna.
ILebhanoni lihlazekile;[i] li-
khuntile.

32:20 *Noma, "Enidedela."

33:2 *Noma, "ngamandla." 33:9 *Noma kungaba, "liyoma."

ISAHL. 32
a Isay 22:2 IsiL 2:15
b 2Kh 25:9, 10
c 2Kr 27:1, 3 Neh 3:26
d Isay 27:10
e Isay 44:3
f Isay 29:17 Isay 35:1, 2
g Isay 42:1, 4 Isay 60:21
h Hu 119:165 Isay 55:12
i Hez 37:26 Mik 4:3, 4
j Isay 60:18 Isay 65:22 Jer 23:6 Hez 34:25 Hos 2:18
k Isay 30:23, 24

ISAHL. 33
l 2Kh 18:13 Isay 10:5

Uhla 2
a Isay 10:12 Nah 3:7
b Hu 123:2
c Hu 44:3 Isay 52:10
d Hu 46:1 Nah 1:7
e Hu 46:6 Hu 68:1 Isay 17:13
f Hu 27:1
g IzA 19:23
h 2Kh 18:19, 20
i Isay 37:24

ISharoni selinjengogwa-
dule,
IBhashani neKarmeli kuvu-
thulula amaqabunga ako.[a]
10 “Manje ngizosukuma,” ku-
sho uJehova,
“Manje ngizoziphakamisa;[b]
Manje ngizozenza ngibe
mkhulu.
11 Nikhulelwa utshani obomi-
le, nizale izinhlanga.
Umoya wenu uyonidla uni-
qede njengomlilo.[c]
12 Izizwe ziyoba njengomlotha
wetshe lomcako.
Njengameva anqunyiwe, zi-
yoshiswa ngomlilo.[d]
13 Yizwani lokho engiyokwe-
nza nina enikude!
Nani eniseduze, qaphelani
amandla ami!
14 Izoni ziyesaba eZiyoni;[e]
Izihlubuki zibanjwe ukwe-
thuka:
‘Ngubani kithi ongahlala la-
pho kunomlilo oqothu-
layo?[f]
Ngubani kithi ongahlala na-
malangabi angacimeki?’
15 Yilowo oqhubeka ehamba
ngokulunga,[g]
Okhuluma okulungile,[h]
Oyenqabayo inzuzo ethola-
kala ngokungathembeki,
nangokuphamba,[i]
Ozandla zakhe ziyasenqaba
isifumbathiso kunokuba
asamukele,
Ovala indlebe yakhe ukuze
angawezwa amacebo oku-
chithwa kwegazi,
Novala amehlo akhe ukuze
angakuboni okubi
16 —Uyohlala ezindaweni ezi-
phakeme;
Indawo yakhe yokuphephe-
la* iyoba semadwaleni
okunzima ukufinyelela
kuwo,
Uyonikwa isinkwa sakhe,
Umthombo wakhe wamanzi
awusoze washa.”[a]
17 Amehlo akho ayobona
inkosi ebukhazikhazini
bayo;
Ayobona izwe elikude.
18 Enhliziyweni yakho uyo-
khumbula izinto* ezethu-
sayo, uyothi:
“Uphi unobhala?
Uphi okhokha intela?[b]
Uphi obala imibhoshongo?”
19 Ngeke usasibona isizwe
eseyisayo,
Isizwe esikhuluma ulimi
olungaqondakali,*
Esikhuluma ulimi ongeke
uluqonde.[c]
20 Bheka iZiyoni, idolobha le-
mikhosi yethu![d]
Amehlo akho ayobona iJe-
rusalema liyindawo yoku-
hlala enokuthula,
Itende elingeke lisuswe.[e]
Izikhonkwane zalo azisoze
zasishulwa,
Ayikho intambo yalo eyo-
gqashulwa.
21 Kodwa lapho, oMkhulu
Ngokubabazekayo, uJe-
hova,
Uyoba yindawo yemifula ki-
thi, indawo yemiselekazi
ebanzi,
Akukho xhaxha lwemikhu-
mbi egwedlwayo oluyoha-
mba kuyo,
Akukho mikhumbi emikhu-
lu eyodlula kuyo.
22 Ngoba uJehova unguMahlu-
leli wethu,[f]
UJehova unguMniki-mthe-
tho wethu,[g]
UJehova uyiNkosi yethu;[h]
Nguye oyosisindisa.[i]
23 Izintambo zakho ziyoxega;

33:16 *Noma, “ephakeme elondekile.”

33:18 *Noma, “uyozindla ngezinto.”
33:19 *NgesiHebheru, “olujulile.”

ISAHL. 33
a Nah 1:4
b Hu 46:10
c Isay 5:24
d Isay 9:18
e Dut 28:66, 67
f Dut 32:22
Nah 1:6
Heb 12:29
g Hez 18:17
h 1Kr 29:17
i Eks 23:8
Dut 16:19

Uhla 2
a 1Kh 19:5, 6
Hu 34:9, 10
Isay 65:13
b 2Kh 15:19
c Dut 28:49, 50
Isay 28:11
Jer 5:15
d Dut 12:5, 6
e Hu 125:1
f Gen 18:25
Hu 50:6
Hu 98:9
g Lev 26:3
Jak 4:12
h Hu 44:4
Hu 97:1
IsA 11:15, 17
i Isay 12:2
Zef 3:17

Ngeke ziyibambe insika ime
iqonde futhi ngeke ziwe-
lule useyili.
Ngaleso sikhathi kuyohlu-
kaniswa impango eningi;
Ngisho nabayizinyonga
bayothatha impango eni-
ngi.[a]
24 Akekho ohlala khona oyo-
thi: "Ngiyagula."[b]
Abantu abahlala ezweni
bayoxolelwa iziphambeko
zabo.[c]

34 Sondelani nina zizwe
ukuze nizwe,
Nilalele nina bantu.
Mawulalele umhlaba nalo-
kho okuwugcwalisile,
Izwe nawo wonke umkhiqi-
zo walo.
2 Ngoba uJehova uzithuku-
thelele zonke izizwe,[d]
Ucasukele wonke amabu-
tho azo.[e]
Uyozibhubhisa;
Uyozibulala.[f]
3 Ababulewe kuzo bayoshi-
ywa bedindilize emhlaba-
thini,
Iphunga lezidumbu zabo li-
yonyuka;[g]
Izintaba ziyoncibilika nge-
nxa yegazi labo.*[h]
4 Lonke ibutho lamazulu li-
yobola liphele,
Namazulu ayogoqwa nje-
ngomqulu.
Lonke ibutho lawo liyo-
buna,
Njengeqabunga elibunile
liwa esihlahleni samagile-
bhisi
Nanjengekhiwane elishwa-
bene liwa esihlahleni
somkhiwane.
5 "Ngoba inkemba yami iyo-
matiswa emazulwini.[i]
Iyokwehlela phezu kuka-
Edomi lapho ahlulelwa,[j]
Phezu kwabantu enginqu-
me ukubabhubhisa.
6 UJehova unenkemba; iyo-
gcwala igazi.
Iyombozwa ngamanoni,[a]
Ngegazi lezinqama nelezi-
mbuzi,
Ngamanoni ezinso zezi-
nqama.
Ngoba uJehova unomhla-
tshelo eBhozira,
Ukubulala okukhulu ezwe-
ni lakwa-Edomi.[b]
7 Izinkunzi zasendle ziyo-
kwehla kanye nazo,
Izinkunzi ezisencane kanye
nabanamandla.
Izwe labo liyomatiswa yi-
gazi,
Nothuli lwabo luyogcwala
amanoni."
8 Ngoba uJehova unosuku
lwempindiselo,[c]
Unyaka wokujezisa ngenxa
yecala lomthetho ngeZi-
yoni.[d]
9 Imifudlana yalo* iyoguqu-
lwa ibe yitiyela,
Nothuli lwalo lube yisiba-
bule,
Izwe lalo liyoba njengetiye-
la elivuthayo.
10 Ngeke licinywe ebusuku
noma emini;
Intuthu yalo iyokhuphuka
njalo kuze kube phakade.
Liyoba yincithakalo izizu-
kulwane ngezizukulwane;
Akukho muntu oyodabula
kulo kuze kube phakade
naphakade.[e]
11 Liyoba yindawo yevuba ne-
ngungumbane,
Izikhova ezinamadlebe
amade namagwababa ku-
yohlala kulo.
Uyokwelulela phezu kwalo
intambo yokukala

34:3 *Noma, "ziyogobhoza igazi labo."

34:9 *Ngokusobala kubhekiselwa eBhozira, inhloko-dolobha yakwa-Edomi.

ISAHL. 33
a Isay 33:4
b Dut 7:15; IsA 21:4; IsA 22:1, 2
c Jer 50:20; Mik 7:18, 19

ISAHL. 34
d Jer 25:15; Jow 3:12; Zef 3:8; Zak 14:3
e Isay 30:27; Nah 1:2
f IsA 19:11, 15
g Jer 25:33
h Hez 39:4
i Dut 32:41
j Hu 137:7; Jer 49:7, 22

Uhla 2
a Lev 3:16
b Isay 63:1-3; Obad 8, 9
c Dut 32:41; Hu 94:1
d Isay 35:4
e Mal 1:4

Nomthofu wokukala* ukuze
abonise ukuthi liyosala li-
ngenamuntu futhi lingabi
yinto yalutho.
12 Asikho nesisodwa isicuku-
thwane salo esiyoba yi-
nkosi,
Zonke izikhulu zalo ziyoba
yize.
13 Kuyomila ameva emibho-
shongweni yalo yokuhlala
enezivikelo eziqinile,
Izimbabazane nokhula olu-
nameva ezindaweni zalo
ezivikelekile.
Liyoba yindawo yezimpu-
ngushe,[a]
Ikhaya lezintshe.
14 Izilwane zasogwadule ziyo-
hlangana nezilwane ezi-
hewulayo,
Nembuzi yasendle* iyome-
meza umngani wayo.
Yebo, uzavolo uyohlala la-
pho azitholele indawo yo-
kuphumula.
15 Inyoka iyokwakha isidleke
sayo khona izalele amaqa-
nda,
Iyowachamisela iwabuthele
emthunzini wayo.
Yebo, oheshane bayoqoqa-
na lapho, yilowo nalowo
nomngani wakhe.
16 Funani encwadini kaJeho-
va niyifunde ngokuzwaka-
layo.
Akukho nokukodwa kuzo
okuyobe kungekho;
Akukho nokukodwa kuzo
okuyobe kungenamngani,
Ngoba ngumlomo kaJehova
okhiphe lo myalo,
Ngumoya wakhe okuqoqele
ndawonye.
17 NguYe ozenzele inkatho,
Isandla sakhe sizabele
indawo.*
Iyoba ngeyazo kuze kube
phakade;
Ziyohlala kuyo izizukulwa-
ne ngezizukulwane.

35 Ihlane nezwe elomile ku-
yothokoza,[a]
Ithafa eliwugwadule liyoja-
bula liqhakaze njengesa-
froni.*[b]
2 Liyoqhakaza nakanjani;[c]
Liyothokoza limemeze nge-
njabulo.
Liyonikwa inkazimulo ye-
Lebhanoni,[d]
Ubukhazikhazi beKarmeli[e]
nobeSharoni.[f]
Bayobona inkazimulo kaJe-
hova, ubukhazikhazi bu-
kaNkulunkulu wethu.
3 Qinisani izandla ezibutha-
kathaka,
Niqinise amadolo axegayo.[g]
4 Thanini kulabo abakhatha-
zekile:*
"Qinani. Ningesabi.
Bhekani! UNkulunkulu
wenu uyoza ezophindi-
sela,
UNkulunkulu uyoza ezokhi-
pha isijeziso.[h]
Uyofika anisindise."[i]
5 Ngaleso sikhathi amehlo
ezimpumputhe ayovulwa,[j]
Nezindlebe zabayizithulu*
ziyovulwa.[k]
6 Ngaleso sikhathi olunyonga
uyogxumagxuma njenge-
nyamazane,[l]
Nolimi loyisimungulu luyo-
memeza ngenjabulo.[m]
Ngoba kuyoqhuma amanzi
ehlane,
ehlane,

**34:11** *NgesiHebheru, "Namatshe." **34:14** *Noma kungaba, "Nedemoni elimise okwembuzi."

**34:17** *NgesiHebheru, "sizihlukanisele indawo ngentambo yokukala." **35:1** *Noma, "njengembali." **35:4** *Noma, "abakhathazekile enhliziyweni." **35:5** *Abantu abangezwa ezindlebeni.

ISAHL. 34
a Mal 1:3

Uhla 2

ISAHL. 35
a Isay 29:17; Isay 32:14, 15
b Isay 4:2; Isay 27:6; Isay 35:6; Isay 51:3; Hez 36:35
c Hos 14:5, 6
d Isay 60:13
e Jer 50:19
f Isay 65:10
g Heb 12:12
h Jer 51:56
i Isay 25:9; Zef 3:16, 17
j Hu 146:8; Isay 42:16; Mat 9:28-30
k Isay 29:18; Jer 6:10; Mar 7:32-35; Luk 7:22
l Mat 11:5; IzE 8:7; IzE 14:8-10
m Mat 15:30

Kube nemifudlana ethafeni
eliwugwadule.
7 Umhlabathi owomiswe ukushisa uyoba yichibi elinomhlanga,
Nomhlabathi owomile ube njengeziphethu zamanzi.[a]
Endaweni okuhlala kuyo izimpungushe,[b]
Kuyoba khona utshani obuluhlaza nemihlanga nezitshalo zebungu.
8 Kuyoba khona umgwaqo omkhulu lapho,[c]
Yebo indlela ebizwa ngokuthi iNdlela Yobungcwele.
Ongahlanzekile ngeke ahambe kuyo.[d]
Igcinelwe lowo onegunya lokuhamba kule ndlela,
Akekho oyisiwula oyodukela kuyo.
9 Akukho bhubesi eliyoba lapho,
Akukho zilwane zasendle eziyingozi eziyoza kuyo.
Ngeke zitholakale lapho;[e]
Abahlengiwe kuphela abayohamba lapho.[f]
10 Labo abakhululwe nguJehova bayobuya[g] beze eZiyoni bememeza ngenjabulo.[h]
Injabulo engapheli iyoba ngumqhele emakhanda abo.[i]
Bayogcwala intokozo nenjabulo,
Usizi nokububula kuyobaleka.[j]

36 Ngonyaka ka-14 weNkosi uHezekiya, uSaneheribi inkosi yase-Asiriya[k] wakhuphuka wayohlasela wonke amadolobha akwaJuda anezivikelo eziqinile wawanqoba.[l]
2 Inkosi yase-Asiriya yabe isithuma uRabishake*[m] nebutho
lempi elikhulu eJerusalema besuka eLakishi[a] beya eNkosini uHezekiya. Bafike bama ngasemseleni wechibi elingenhla,[b] ngasemgwaqweni omkhulu oya ensimini yomhlanzi wezingubo.[c] 3 Khona-ke kwaphuma u-Eliyakimi[d] indodana kaHilikiya, owayengamele isigodlo,* uShebina[e] unobhala noJowa indodana ka-Asafa umgcini-mibhalo.

4 Ngakho uRabishake wathi kubo: “Ngicela nithi kuHezekiya, ‘Yilokhu inkosi enkulu, inkosi yase-Asiriya, ekushoyo: “Yini lena othembele kuyo?[f] 5 Uthi, ‘Nginesu namandla okulwa impi,’ kodwa yinto engekho leyo. Ngubani lona othembele kuye, okwenza ube nesibindi sokudlubulunda kimi?[g] 6 Awubheke nje! Uthembele kulo mhlanga ofohlokile, iGibhithe, okungathi uma umuntu ezimelela ngawo umhlabe ungene entendeni yesandla sakhe. Unjalo-ke uFaro inkosi yaseGibhithe kubo bonke abathembela kuye.[h] 7 Uma ningase nithi kimi, ‘Sithembele kuJehova uNkulunkulu wethu,’ akuyena yini lona ozindawo zakhe eziphakeme namaaltare akhe uHezekiya akususile,[i] kuyilapho ethi kuJuda neJerusalema, ‘Kufanele nikhothame phambi kwaleli altare’?” ’[j] 8 Manje ngicela nibheje nenkosi yami inkosi yase-Asiriya:[k] Ngizoninika amahhashi angu-2 000 sibone ukuthi nizokwazi yini ukuthola abagibeli abanele abazowagibela.
9 Ngisho noma iGibhithe linganinika izinqola zempi nabagibeli bamahhashi, ningakwazi yini ukunqoba ngisho nenduna eyodwa esesikhundleni esiphansi kunazo zonke ezincekwini

36:2 *Noma, “umphathindebe oyinhloko.”

36:3 *Noma, “indlu.”

ISAHL. 35
a Isay 44:3
b Jer 9:11
c Ezr 1:3; Isay 11:16; Isay 49:11; Isay 62:10; Jer 31:21
d Isay 52:1
e Isay 11:6, 7; Isay 65:25; Hez 34:25; Hos 2:18
f Hu 107:2, 3; Isay 62:12
g Dut 30:4
h Isay 51:11; Jer 31:11, 12
i Jer 33:10, 11
j Isay 30:19; Isay 65:19

ISAHL. 36
k Isay 10:5
l 2Kh 18:13; 2Kr 32:1; Isay 8:7, 8; Isay 10:28-32; Isay 33:8
m 2Kr 32:9

Uhla 2
a 2Kh 19:8
b Isay 7:3
c 2Kh 18:17, 18
d Isay 22:20, 21
e 2Kh 19:2
f 2Kh 18:19-25; 2Kh 19:10
g 2Kh 18:1, 7
h 2Kh 17:4; Isay 30:2, 7; Jer 37:7
i 2Kh 18:1, 4; 2Kr 31:1
j Dut 12:11; 2Kr 7:12; 2Kr 32:12
k 2Kh 18:13

zenkosi yami? **10** Manje inga-
be angitholanga mvume kuJe-
hova yokuba ngizolwa nale
ndawo ngiyibhubhise? UJeho-
va ngokwakhe uthe kimi, 'Ha-
mba uyolwa naleli zwe, ulibhu-
bhise.'"

**11** U-Eliyakimi, uShebina[a]
noJowa bathi kuRabishake:[b]
"Sicela ukhulume nezinceku
zakho ngolimi lwesi-Aramu,*[c]
ngoba siyasizwa; ungakhulu-
mi nathi ngolimi lwamaJuda
kuzwa abantu abasodongeni."[d]
**12** Kodwa uRabishake wathi
kubo: "Ingabe inkosi yami ingi-
thume ukuba ngikhulume la
mazwi enkosini yenu nakini ku-
phela? Ayingithumanga yini na-
kula madoda ahlezi odongeni,
lawo azodla indle yawo aphuze
nomchamo wawo kanye nani?"

**13** URabishake wama wame-
meza ngolimi lwamaJuda,[e] wa-
thi: "Yizwani izwi lenkosi enku-
lu, inkosi yase-Asiriya.[f] **14** Yi-
lokhu inkosi ekushoyo, 'Ninga-
mvumeli uHezekiya anikhohli-
se, ngoba ngeke akwazi ukuni-
sindisa.[g] **15** Ningamvumeli
uHezekiya anenze nithembele
kuJehova,[h] ngokuba athi: "Na-
kanjani uJehova uzosisindisa,
leli dolobha ngeke linikelwe
esandleni senkosi yase-Asiri-
ya." **16** Ningamlaleli uHezeki-
ya, ngoba yilokhu inkosi yase-
Asiriya ekushoyo: "Zinikeleni
kimi nenze ukuthula nami,*
yilowo nalowo uyodla ensimi-
ni yakhe yamagilebhisi nasem-
khiwaneni wakhe, aphuze ama-
nzi omthombo wakhe, **17** ngi-
ze ngifike nginithathe nginiyi-
se ezweni elinjengezwe lakini,[i]
izwe lokudla okusanhlamvu ne-
wayini elisha, izwe likakolo na-
masimu amagilebhisi. **18** Ni-
ngamvumeli uHezekiya anikho-
hlise ngokuba athi, 'UJehova
uzosisindisa.' Ukhona yini ko-
nkulunkulu bezizwe oke wasi-
ndisa izwe lakhe esandleni se-
nkosi yase-Asiriya?[a] **19** Baphi
onkulunkulu baseHamati naba-
se-Aripadi?[b] Baphi onkulunku-
lu baseSefarivayimi?[c] Balisi-
ndisile yini iSamariya esandle-
ni sami?[d] **20** Yimuphi unku-
lunkulu phakathi kwabo bo-
nke onkulunkulu bala mazwe
osindise izwe lakhe esandleni
sami, okwenza nicabange uku-
thi uJehova angasindisa iJeru-
salema esandleni sami?"'"[e]

**21** Kodwa bathula bangam-
phendula ngazwi, ngoba inko-
si yayibayalile yathi: "Ningam-
phenduli."[f] **22** Kodwa u-Eliya-
kimi indodana kaHilikiya, owa-
yengamele isigodlo,* uShebina[g]
unobhala noJowa indodana ka-
Asafa umgcini-mibhalo babu-
yela kuHezekiya izingubo zabo
ziklebhukile, bamtshela ama-
zwi kaRabishake.

**37** Kwathi nje lapho iNko-
si uHezekiya izwa lo-
khu, yaklebhula izingubo zayo
yembatha indwangu yesaka
yangena endlini kaJehova.[h]
**2** Ngemva kwalokho, yathuma
u-Eliyakimi, owayengamele isi-
godlo,* uShebina unobhala na-
madoda amadala angabapristi,
bembethe indwangu yesaka,
yabathuma kumprofethi u-Isa-
ya[i] indodana ka-Amozi. **3** Ba-
thi kuye: "Yilokhu uHezekiya
akushoyo, 'Lolu suku luwusu-
ku lokucindezeleka, lokuso-
lwa* nolokuhlaziswa; ngoba
abantwana sebekulungele uku-
zalwa,# kodwa awekho ama-
ndla okubeletha.[j] **4** Mhlawu-
mbe uJehova uNkulunkulu wa-

**ISAHL. 36**
a Isay 22:15
b 2Kh 18:17
c Ezr 4:7; Dan 2:4
d 2Kh 18:26, 27
e 2Kr 32:18
f 2Kh 18:28-35
g 2Kr 32:11, 15; Dan 3:15
h 2Kh 19:22
i 2Kh 17:6; 2Kh 17:22, 23

**Uhla 2**
a 2Kh 19:11, 12; 2Kr 32:14; Isay 37:11, 12
b Jer 49:23
c 2Kh 17:24
d 2Kh 17:6; 2Kh 17:22, 23; Isay 10:11
e 2Kh 19:17, 18; 2Kr 32:15; Isay 37:23
f 2Kh 18:36, 37; IzA 9:7
g Isay 22:15

**ISAHL. 37**
h 2Kh 19:1-4
i 2Kr 26:22; Isay 1:1
j Isay 26:17, 18

**36:11** *Noma, "lwesiSiriya." **36:16** *NgesiHebheru, "Zenzeleni isibusiso nami niphume nize kimi."

**36:22; 37:2** *Noma, "indlu." **37:3** *Noma, "lokwedelelwa." #NgesiHebheru, "sebesemlonyeni wesibeletho."

kho uzowezwa amazwi kaRabi-
shake, othunywe inkosi yase-
Asiriya inkosi yakhe ukuba
aklolodele uNkulunkulu ophila-
yo,[a] bese emjezisa ngenxa yala
mazwi uJehova uNkulunkulu
wakho awazwile. Ngakho tha-
ndazela abantu[b] abasasele ku-
leli zwe abasindile.’ ”[c]

**5** Ngakho izinceku zeNko-
si uHezekiya zaya ku-Isaya,[d]
**6** u-Isaya wathi kuzo: “Yilo-
khu okufanele nikusho enkosi-
ni yenu, ‘Yilokhu uJehova aku-
shoyo: “Ungesabi[e] ngenxa ya-
mazwi owezwile, amazwi izi-
khonzi zenkosi yase-Asiriya[f]
ezingithuke ngawo. **7** Bhe-
ka ngifaka umcabango engqo-
ndweni yayo,* izozwa umbiko
bese ibuyela ezweni layo;[g] ngi-
zokwenza ukuba ibulawe nge-
nkemba ezweni layo.” ’ ”[h]

**8** Ngemva kokuba uRabisha-
ke ezwile ukuthi inkosi yase-
Asiriya isukile eLakishi, waphi-
ndela emuva wayithola ilwa ne-
Libhina.[i] **9** Manje inkosi yase-
Asiriya yathola umbiko woku-
thi uThirahaka inkosi yaseTo-
piya wayephumile ezolwa nayo.
Lapho izwa lokhu, yaphinde
yathumela izithunywa kuHeze-
kiya,[j] yathi: **10** “Yilokhu oku-
fanele nikusho kuHezekiya
inkosi yakwaJuda, ‘Ungamvu-
meli uNkulunkulu wakho othe-
mbele kuye ukuba akukho-
hlise, athi: “IJerusalema nge-
ke linikelwe esandleni senkosi
yase-Asiriya.”[k] **11** Wena uzwi-
le ngalokho amakhosi ase-
Asiriya akwenzile kuwo wo-
nke amazwe ngokuwabhubhi-
sa.[l] Ingabe wena wedwa uzo-
sinda? **12** Ingabe onkulunku-
lu bezizwe ezaqothulwa okho-
kho bami bazisindisile yini?[m]
Liphi iGozani, iHarana,[a] iReze-
fi nabantu base-Edene ababe-
seTheli-asari? **13** Iphi inkosi
yaseHamati, inkosi yase-Aripa-
di nenkosi yedolobha laseSe-
farivayimi,[b] nenkosi yaseHena
neyase-Iva?’ ”

**14** UHezekiya wathatha izi-
ncwadi ezithunyweni wazifu-
nda. Ngemva kwalokho uHeze-
kiya wakhuphukela endlini ka-
Jehova wazendlala* phambi
kukaJehova.[c] **15** UHezekiya
wabe esethandaza kuJehova,[d]
wathi: **16** “O Jehova wama-
butho,[e] Nkulunkulu ka-Israye-
li, ohlezi esihlalweni sobukho-
si ngaphezu* kwamakherubi,
wena wedwa unguNkulunku-
lu weqiniso kuyo yonke imi-
buso yomhlaba. Wenza ama-
zulu nomhlaba. **17** O Jeho-
va, ngicela ulalele, uzwe![f] Vula
amehlo akho Jehova, ubo-
ne![g] Yizwa amazwi uSaneheri-
bi awathumele ukuze aklolode-
le ngawo uNkulunkulu ophila-
yo.[h] **18** Kuyiqiniso, Jehova,
ukuthi amakhosi ase-Asiriya
azibhuqile zonke izizwe[i] ka-
nye namazwe azo. **19** Apho-
nse onkulunkulu bazo emlilwe-
ni,[j] ngoba bebengebona onku-
lunkulu kodwa bebewumsebe-
nzi wezandla zomuntu,[k] ukhuni
netshe. Yingakho ababhubhisa.
**20** Manje Jehova Nkulunkulu
wethu, sicela usisindise esa-
ndleni sakhe, ukuze yonke imi-
buso yomhlaba yazi ukuthi
wena, Jehova, unguNkulunku-
lu wena wedwa.”[l]

**21** U-Isaya indodana ka-Amo-
zi wathumela lo myalezo kuHe-
zekiya, wathi: “Yilokhu uJehova
uNkulunkulu ka-Israyeli akusho-
yo, ‘Ngenxa yokuthi uthanda-
ze kimi ngokuphathelene no-
Saneheribi inkosi yase-Asiriya,[m]

---

**37:7** *NgesiHebheru, “ngifaka umoya kuyo.”

**37:14** *NgesiHebheru, “wazichaya.”
**37:16** *Noma kungaba, “phakathi.”

ISAHL. 37
a 1Sa 17:45; 2Kh 18:28, 35
b 2Kr 32:20; Hu 50:15; Jow 2:17
c 2Kh 17:18
d 2Kh 19:5-7
e Dut 20:1
f 2Kh 18:17
g IzA 21:1
h 2Kr 32:21; Isay 37:37, 38
i Jos 10:29, 30; 2Kh 8:22; 2Kh 19:8-13
j 2Kh 18:17
k 2Kr 32:15
l 2Kh 17:5, 6; 2Kr 32:13; Isay 10:11
m Isay 36:19

Uhla 2
a Gen 11:31
b 2Kh 17:24; Isay 36:19
c 2Kh 19:14-19
d 1Kh 8:30; 2Kr 6:20; 2Kr 20:9; Dan 9:3
e Hu 46:7; Isay 8:13
f 2Kr 6:40; Hu 65:2
g 2Kr 16:9; 1Pe 3:12
h Isay 37:4
i 2Kh 15:29; 2Kh 16:8, 9; 1Kr 5:26
j Isay 10:11
k Isay 40:19; Isay 41:7; Jer 10:3; Hos 8:6; IzE 17:29
l Dut 32:31, 39; Hu 83:18; Hu 96:5
m 2Kh 19:20, 21

22 nali izwi uJehova alikhulumile ngaye:

“Indodakazi eyintombi yaseZiyoni iyakudelela, ikuhleka usulu.
Indodakazi yaseJerusalema ikunikinela ikhanda.
23 Ngubani lo omklolodele[a] futhi wamthuka?
Ngubani lo omphakamisele izwi lakho[b]
Nombuke wamqhoshela?
NgoNgcwele ka-Israyeli![c]
24 Ngezithunywa zakho uklolodele uJehova[d] wathi,
‘Ngezinqola zami zempi ezingi
Ngizonyukela ezintabeni eziphakeme,[e]
Ezingxenyeni ezikude kakhulu zeLebhanoni.
Ngizogawula imisedari yalo ephakeme, imijunipha yalo yekhethelo.
Ngizongena ezindaweni zalo eziphakeme, ehlathini lakhona elicinene.
25 Ngizomba imithombo ngiphuze amanzi;
Ngizokomisa yonke imifudlana* yaseGibhithe ngamathe ezinyawo zami.’
26 Awuzwanga yini? Kwanqunywa* kudala.
Ngakuhlela[#] ezinsukwini ezidlule.[f]
Manje sengizokuletha.[g]
Wenza amadolobha anezivikelo eziqinile abe yindunduma yamanxiwa.[h]
27 Izakhamuzi zawo ziyoba buthaka;
Ziyokwesaba zibe namahloni.
Ziyoba njengezimila zasendle nanjengotshani obuluhlaza,
Njengotshani bokufulela izindlu obuhangulwe umoya wasempumalanga.
28 Kodwa ngikwazi kahle konke okwenzayo: lapho uhlala, lapho uphuma, lapho ungena,[a]
Nalapho ungithukuthelele,[b]
29 Ngoba ngikuzwile ukungithukuthelela kwakho[c] nokuklabalasa kwakho.[d]
Ngakho ngizofaka ihhuku lami ekhaleni lakho namatomu ami[e] emlonyeni wakho,
Ngizokuphindisela emuva ngendlela oze ngayo.”

30 “‘Yile ndlela ozobona*
ngayo ukuthi lezi zinto zizo-
kwenzeka: Kulo nyaka nizodla
okuzimilelayo;[#] ngonyaka wesi-
bili nidle ukudla okusanhla-
mvu okumila kulokho; kodwa
ngonyaka wesithathu nizohlwa-
nyela imbewu nivune, nitsha-
le namasimu amagilebhisi nidle
izithelo zawo.[f]
31 Labo abasi-
ndile bendlu kaJuda bayohlu-
ma[g] njengezitshalo bathele izi-
thelo.
32 Ngoba abasele ba-
yophuma eJerusalema, nalabo
abasindile baphume eNtabeni
iZiyoni.[h] UJehova, umholi wa-
mabutho asezulwini, uzokwe-
nza lokhu ngenxa yentshiseko
yakhe.[i]
33 “‘Ngakho yilokhu uJeho-
va akushoyo ngenkosi yase-
Asiriya:[j]

“Ngeke ingene kuleli dolobha[k]
Noma icibishele umcibisholo kulo
Noma ize kulo iphethe ihawu
Noma ilivimbezele.”’[l]
34 ‘Iyophindela emuva ngendlela eze ngayo;

ISAHL. 37
a 2Kh 19:4, 16
b 2Kh 18:30, 35; Isay 10:12, 13
c Eks 15:11; 2Kh 19:22-24; Isay 10:20; Hez 39:7
d 2Kr 32:17
e Isay 10:10, 11
f Hu 33:11; Isay 46:10
g Isay 55:10, 11
h 2Kh 19:25, 26

Uhla 2
a IzA 5:21; IzA 15:3; Heb 4:13
b 2Kh 19:27, 28
c Hu 46:6; Isay 10:15; Isay 37:23
d Isay 36:4, 20
e Hu 32:9
f 2Kh 19:29-31
g Isay 1:9; Isay 10:20, 21
h 2Kh 19:4
i Isay 59:17; Jow 2:18; Zak 1:14, 15
j Isay 10:24
k 2Kr 32:22; Isay 10:32
l 2Kh 19:32-34

37:25 *Noma, “imiselekazi yeNayile.”
37:26 *NgesiHebheru, “Kwenziwa.” #Noma, “Ngakwenza.”
37:30 *Okuwukuthi, uHezekiya. #Noma, “okumile ngenxa yembewu eyawela phansi.”

Ngeke ingene kuleli dolo-
bha,’ kusho uJehova.
35 ‘Ngizolivikela leli dolobha[a]
ngilisindise ngenxa yami[b]
Nangenxa yenceku yami
uDavide.’ ”[c]

36 Kwaphuma ingelosi kaJe-
hova yabulala amadoda angu-
185 000 ekamu lama-Asiriya. La-
pho abantu bevuka ekuseni,
babona izidumbu.[d] 37 Ngakho
uSaneheribi inkosi yase-Asiri-
ya wahamba wabuyela eNine-
ve[e] wayohlala khona.[f] 38 Kwa-
thi esakhotheme ethempelini li-
kaNisiroki* unkulunkulu wakhe,
amadodana akhe u-Adirameleki
noSharezeri ambulala ngenke-
mba,[g] ngemva kwalokho abale-
kela ezweni lase-Ararati.[h] U-Esa-
ri-hadoni indodana yakhe[i] wabu-
sa esikhundleni sakhe.

**38** Ngalezo zinsuku uHe-
zekiya wagula wacishe
wafa.[j] Kwabe sekufika u-Isaya
umprofethi[k] indodana ka-Amo-
zi kuye wathi, “Yilokhu uJeho-
va akushoyo: ‘Nikeza umndeni
wakho* iziqondiso, ngoba uzo-
fa; ngeke ululame.’ ”[l] 2 UHe-
zekiya waphenduka wabheka
odongeni wathandaza kuJeho-
va, wathi: 3 “O Jehova, ngiya-
kuncenga, ngicela ukhumbule[m]
indlela engihambe ngayo pha-
mbi kwakho ngokwethembeka
nangenhliziyo ephelele,[n] nge-
nze okuhle emehlweni akho.”
UHezekiya wabe esekhala ka-
khulu.

4 Izwi likaJehova lafika ku-
Isaya, lathi: 5 “Phindela emu-
va uthi kuHezekiya,[o] ‘Yilo-
khu uJehova uNkulunkulu ka-
Davide ukhokho wakho aku-
shoyo: “Ngiwuzwile umthanda-
zo wakho.[p] Ngizibonile izinye-
mbezi zakho.[q] Nginezela imi-
nyaka engu-15 ekuphileni kwa-
kho,*[a] 6 futhi ngizokusindisa
wena naleli dolobha esandle-
ni senkosi yase-Asiriya, ngizo-
livikela leli dolobha.[b] 7 Yilolu
uphawu oluvela kuJehova uku-
ze ubone ukuthi uJehova uzo-
ligcwalisa izwi alikhulumile:[c]
8 Bheka ngizokwenza ukuba
isithunzi esisezitebhisini* zika-
Ahazi siphindele emuva nga-
magxathu ayishumi.” ’ ”[d] Nga-
kho ilanga labuyela emuva nga-
magxathu ayishumi ezitebhisi-
ni elase lehlile kuzo.

9 Umbhalo kaHezekiya inko-
si yakwaJuda ngesikhathi egula
wabe eselulama ekuguleni kwa-
khe.

10 Ngathi: “Phakathi nokuphi-
la kwami
Ngizongena emasangweni
eThuna.*
Ngizophucwa iminyaka
yami esele.”
11 Ngathi: “Ngeke ngimbone
uJah,* uJah ezweni laba-
philayo.[e]
Ngeke ngisasibuka isintu
Lapho sengikanye nabahla-
la ezweni lokufa.
12 Indawo yami yokuhlala isi-
shuliwe yasuswa kimi[f]
Njengetende likamalusi.
Ngigoqe ukuphila kwami
njengalapho umuntu ose-
benzisa uhlaka lokweluka
indwangu egoqa indwa-
ngu;
Unginquma njengemicu
ohlakeni lokweluka.
Kusukela emini kuze ku-
hlwe ulokhu ungiletha
esiphethweni.[g]

ISAHL. 37
a Isay 31:5
b Dut 32:27; 1Sa 12:22; 2Kh 20:6; Hez 36:22
c 1Kh 15:4
d 2Kh 19:35-37; 2Kr 32:21
e Gen 10:8, 11; Jon 1:2
f 2Kh 19:7, 28
g 2Kr 32:21
h Gen 8:4
i Ezr 4:1, 2

ISAHL. 38
j 2Kr 32:24
k 2Kh 19:20; Isay 1:1
l 2Kh 20:1-3
m Neh 13:22; Hu 20:1-3; Heb 6:10
n 2Kr 31:20, 21
o 2Kh 20:4-6
p IzA 15:29; 1Jo 5:14
q Hu 39:12; Hu 56:8

Uhla 2
a Dut 32:39; 1Sa 2:6
b 2Kr 32:22
c 2Kh 20:8-11
d Jos 10:12, 13
e Hu 6:5; Shu 9:5
f Hu 146:4; Shu 8:8
g Job 17:1

37:38 *Noma, “endlini kaNisiroki.”
38:1 *Noma, “abendlu yakho.”

38:5 *NgesiHebheru, “ezinsukwini zakho.” 38:8 *Mhlawumbe lezi zitebhisi zazisetshenziselwa ukukala isikhathi. 38:10 *Noma, “eShiyoli,” okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. 38:11 *Elithi “Jah” liyisifushaniso segama elithi Jehova.

13 Ngiyaziduduza kuze kube sekuseni.
Njengebhubesi, uqhubeka ewaphula wonke amathambo ami;
Kusukela emini kuze kuhlwe ulokhu ungiletha esiphethweni.[a]
14 Njengenkonjane noma iphothwe, ngilokhu ngitshiyoza;[b]
Ngilokhu ngivukutha* njengejuba.[c]
Amehlo ami akhathele ukubheka phezulu;[d]
'O Jehova, ngicindezeleke kakhulu;
Ngisekele!'#[e]
15 Yini engingayisho?
Ukhulume nami wathatha isinyathelo.
Ngizohamba ngokuthobeka* yonke iminyaka yami
Ngenxa yobuhlungu benhliziyo yami.
16 'O Jehova, wonke umuntu uphila ngalezi zinto,*
Amandla okuphila kwami akuzo.
Wena uyongiphilisa ungilonde.[f]
17 Bheka! Esikhundleni sokuthula ngangisosizini;
Kodwa wangilonda egodini lokubhubha,
Ngenxa yokuthi uyangithanda.[g]
Zonke izono zami uziphonse ngemva kwakho.*[h]
18 Ngoba iThuna* ngeke likukhazimulise,[i]
Ukufa ngeke kukudumise.[j]
Labo abehlela egodini
abanakuthembela ekubeni kwakho neqiniso.[a]
19 Abaphilayo kuphela abangakudumisa,
Njengoba nje ngikwazi namuhla.
Ubaba angawafundisa amadodana akhe ngokuba neqiniso kwakho.[b]
20 O Jehova ngisindise,
Sizodlala izingoma zami ngezinsimbi zomculo ezinezintambo[c]
Zonke izinsuku zokuphila kwethu endlini kaJehova.'"[d]

21 U-Isaya wathi: "Lethani
ikhekhe lamakhiwane omisiwe
agxishiwe, nilibeke ethumbeni
ukuze alulame."[e] 22 UHezeki-
ya wayebuzile wathi: "Yiluphi
uphawu engizobona ngalo uku-
thi ngizoya endlini kaJehova?"[f]

39 Ngaleso sikhathi inkosi
yaseBhabhiloni uMeroda-
ki-bhaladani indodana kaBhala-
dani yathumela izincwadi nesi-
pho kuHezekiya,[g] ngoba yayi-
zwile ukuthi wayekade egula
kodwa eseluleme.[h] 2 UHeze-
kiya wazamukela ngenjabulo*
izithunywa wazibonisa indawo
yakhe yokugcina ingcebo[i]—isili-
va, igolide, amafutha ebhalsa-
mu namanye amafutha ekhe-
thelo, izikhali zakhe nakho ko-
nke okwakutholakala endawe-
ni yakhe yokugcina ingcebo.
Akukho lutho uHezekiya anga-
zange azibonise kona esigo-
dlweni sakhe# nakuwo wonke
umbuso wakhe.
3 Ngemva kwalokho u-Isa-
ya umprofethi waya eNkosini
uHezekiya wathi kuyo: "Athe-
ni la madoda futhi avela-
phi?" Ngakho uHezekiya wathi:
"Avela ezweni elikude, eBha-
bhiloni."[j] 4 Wayesethi: "Abo-

---

**38:14** *Umsindo owenziwa yijuba. #NgesiHebheru, "Ngiqinisekise." **38:15** *Noma, "ngihluneme." **38:16** *Okuwukuthi, amazwi nezenzo zikaNkulunkulu. **38:17** *Noma, "uzisusile phambi kwakho." **38:18** *Noma, "iShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**39:2** *NgesiHebheru, "wazijabulela." #Noma, "endlini yakhe."

---

**ISAHL. 38**
a Hu 39:10
b Hu 102:7
c Isay 59:11
d Hu 39:7
e Hu 39:12; Hu 119: 82, 123
f 1Sa 2:6; Job 33:28; Hu 71:20
g Hu 30:3; Hu 86:13; Jon 2:6
h Isay 43:25; Mik 7:18
i Hu 30:9
j Hu 6:5; Hu 115:17

**Uhla 2**
a Shu 9:5, 10
b Gen 18:19; Dut 4:9; Jos 4:21-24
c Hu 30:11, 12
d 2Kh 20:5; Hu 84:2
e 2Kh 20:7
f 2Kh 20:8

**ISAHL. 39**
g 2Kr 32:23
h 2Kh 20:5; 2Kh 20:12, 13
i 2Kr 32:27
j 2Kh 20:14, 15

neni endlini yakho?"* UHe-
zekiya wathi: "Abone ko-
nke okusendlini yami.# Aku-
kho lutho engingawabonisanga
kona endaweni engigcina kuyo
ingcebo yami."
5 U-Isaya wathi kuHezekiya:
"Yizwa izwi likaJehova wama-
butho, 6 'Ziyeza izinsuku la-
pho konke okusendlini yakho*
nalokho okhokho bakho aba-
kuqongelela kuyothwalwa ku-
yiswe eBhabhiloni. Akukho lu-
tho oluyosala,'[a] kusho uJeho-
va.[b] 7 'Abanye enzalweni ya-
kho, bayothathwa babe yizi-
khulu zegceke esigodlweni se-
nkosi yaseBhabhiloni.' "[c]
8 UHezekiya wathi ku-Isaya:
"Izwi likaJehova olikhulumile
lihle." Waqhubeka wathi: "Ngo-
ba kuzoba nokuthula nokuzi-
nza* phakathi nesikhathi soku-
phila# kwami."[d]

**40** "Duduzani, duduzani
abantu bami," kusho
uNkulunkulu wenu.[e]
2 "Khulumani nenhliziyo* ye-
Jerusalema
Litsheleni ukuthi inkonzo
yalo eyimpoqo isiphelile,
Ukuthi icala lalo selikho-
khelwe.[f]
Lithole inkokhelo egcwele#
yazo zonke izono zalo
esandleni sikaJehova."[g]
3 Kukhona omemeza ehlane
ethi:
"Lungisani indlela ka-
Jehova![h]
Yenzelani uNkulunkulu we-
thu umgwaqo omkhulu
oqondile[i] onqamula ogwa-
dule.[j]
4 Maziphakanyiswe zonke izi-
godi,
Kwehliswe zonke izintaba
namagquma.
Indawo eneziduli kumele
yenziwe iqonde,
Nemagebhugebhu ibe yi-
thafa.[a]
5 Inkazimulo kaJehova iyo-
kwambulwa,[b]
Bonke abantu bayoyibona
kanyekanye,[c]
Ngoba umlomo kaJehova
ukhulumile."
6 Lalela! Othile uthi: "Meme-
za!"
Omunye uyabuza athi:
"Ngimemeze ngithini?"
"Bonke abantu bawutshani
obuluhlaza
Lonke uthando lwabo olu-
qotho lunjengembali ya-
sendle.[d]
7 Utshani obuluhlaza bu-
yoma,
Imbali iyabuna,[e]
Ngoba umoya kaJehova
uvunguza phezu kwako.[f]
Ngokuqinisekile abantu ba-
wutshani obuluhlaza.
8 Utshani obuluhlaza bu-
yoma,
Imbali iyabuna,
Kodwa izwi likaNkulunkulu
wethu lihlala kuze kube
phakade."[g]
9 Yenyukela entabeni epha-
keme,
Wena wesifazane olethela
iZiyoni izindaba ezinhle.[h]
Phakamisa izwi lakho nga-
mandla,
Wena wesifazane olethela
iJerusalema izindaba ezi-
nhle.
Liphakamise, ungesabi.
Yithi emadolobheni akwa-
Juda: "Nangu uNkulunku-
lu wenu."[i]

---

**39:4** *Noma, "esigodlweni sakho." #Noma, "okusesigodlweni sami." **39:6** *Noma, "okusesigodlweni sakho." **39:8** *Noma, "neqiniso." #NgesiHebheru, "nezinsuku zokuphila." **40:2** *Noma, "Duduzani inhliziyo." #Noma, "inkokhelo ephindwe kabili."

**ISAHL. 39**
*a* 2Kh 24:11, 13; 2Kh 25:13; 2Kr 36:18; Dan 1:1, 2
*b* 2Kh 20:16-18
*c* 2Kh 24:12; Dan 2:49; Dan 5:29
*d* 2Kh 20:19

**ISAHL. 40**
*e* Isay 49:13; Isay 51:3; 2Ko 1:3, 4
*f* Hu 79:8, 9; Jer 31:34; Jer 33:8
*g* Jer 16:18; Dan 9:11, 12
*h* Isay 35:8; Isay 57:14; Mal 3:1
*i* Isay 11:16
*j* Mat 3:1, 3; Mar 1:2-4; Luk 3:3-6; Joh 1:23

**Uhla 2**
*a* Isay 42:16
*b* Isay 24:15
*c* Isay 49:6; Isay 52:10
*d* Job 14:1, 2; Hu 90:5, 6
*e* Jak 1:11
*f* Hu 103:15, 16
*g* Isay 46:10; 1Pe 1:24, 25
*h* Isay 52:7
*i* Isay 12:2; Isay 25:9

**10** Bheka! INkosi EnguMbusi uJehova iyoza ngamandla,
Ingalo yayo iyobusa.[a]
Bheka! Iphethe umvuzo wayo,
Nenkokhelo eyikhokhayo iphambi kwayo.[b]
**11** Iyokwelusa* umhlambi wayo njengomalusi.[c]
Ngengalo yayo iyoqoqela ndawonye amawundlu,
Iwagone esifubeni sayo.
Izindlezane# iyozihola ngesineke.[d]
**12** Ngubani okale amanzi enkothweni* yesandla sakhe[e]
Walinganisa# ububanzi bamazulu ngesandla△ sakhe?
Wafaka esilinganisweni uthuli lomhlaba[f]
Noma wakala izintaba ngesikali
Namagquma wawakala esikalini?
**13** Ngubani okale* umoya kaJehova,
Ngubani ongamfundisa abe umeluleki wakhe?[g]
**14** Ngubani obonisane naye ukuze aqonde,
Noma ngubani omfundisa indlela yobulungisa,
Noma omfundisa ulwazi,
Noma ombonisa indlela yokuqonda kwangempela?[h]
**15** Bheka! Izizwe zinjengethonsi lamanzi eliphuma ebhakedeni,
Zibhekwa njengongwengwezi lothuli esikalini.[i]
Bheka! Uphakamisa iziqhingi njengothuli olucolekile.
**16** Ngisho nehlathi laseLebhanoni alanele ukugcina umlilo uvutha,*
Nezilwane zalo zasendle azanele ukwenza umnikelo oshiswayo.
**17** Zonke izizwe zinjengento engekho phambi kwakhe;[a]
Uzibheka njengezingelutho, njengeziyize.[b]
**18** Ningamqhathanisa nobani uNkulunkulu?[c]
Ningamfanisa nani?[d]
**19** Ingcweti ibumba isithixo,*
Osebenza ngensimbi usinameka ngegolide,[e]
Wenza amaketanga esiliva.
**20** Ukhetha isihlahla esizoba umnikelo,[f]
Isihlahla esingeke sibole.
Uzifunela ingcweti enekhono
Ukuze yenze isithombe esibaziwe esingeke siwe.[g]
**21** Anazi yini?
Anikezwa yini?
Anizange yini nitshelwe kwasekuqaleni?
Anizange yini niqonde kusukela ekubekweni kwezisekelo zomhlaba?[h]
**22** Ukhona Lowo ohlala ngaphezu kwembulunga ewumhlaba,*[i]
Abahlala kuwo banjengezintethe.
Welula amazulu njengendwangu elula,
Awendlale njengetende okuzohlalwa kulo.[j]
**23** Wenza izikhulu eziphakeme zibe yinto engelutho,

---

**40:11** *Noma, "Iyonakekela." #Izimbuzi noma izimvu ezincelisayo. **40:12** *Noma, "ngentende." #Noma, "Wakala." △Ibanga eliphakathi kwesithupha nocikicane uma isandla sivulekile. Bheka iSithasiselo B14. **40:13** *Noma kungaba, "owuqondayo."

**40:16** *Noma, "alinazo izinkuni ezanele." **40:19** *Noma, "isithombe esenziwe ngokuncibilikisiwe." **40:22** *Noma, "kwesiyingi somhlaba."

---

**ISAHL. 40**
*a* Isay 53:1; Joh 12:37, 38
*b* Isay 62:11; IsA 22:12
*c* Isay 49:10; Hez 34:15, 16; 1Pe 2:25
*d* Gen 33:13; 1Pe 5:2, 3
*e* IzA 30:4
*f* Job 38:4, 5
*g* Job 36:22, 23; Rom 11:34; 1Ko 2:16
*h* Hu 147:5
*i* Hu 62:9

**Uhla 2**
*a* Dan 4:35
*b* Isay 41:11, 12
*c* Eks 8:10; Hu 86:8; Jer 10:6, 7
*d* Dut 4:15, 16; IzE 17:29
*e* Hu 115:4-8
*f* Isay 44:14, 15
*g* Isay 41:7; Isay 46:6, 7; Jer 10:3, 4
*h* Hu 19:1; Rom 1:20
*i* Isay 66:1
*j* Isay 44:24; Jer 10:12; Zak 12:1

Enze abahluleli* bomhlaba
babe yize.
24 Abakatshalwa,
Abakahlwanyelwa,
Isiqu sabo asikamili zimpande emhlabeni,
Bayapheshulwa bese boma,
Umoya ubaphephula njengezinhlanga.[a]
25 "Ningangifanisa nobani
ukuze ngilingane naye?"
kusho oNgcwele.
26 "Phakamiselani amehlo
enu ezulwini nibone.
Ngubani odale lezi zinto?[b]
YiLowo okhipha ibutho
lazo ngesibalo;
Zonke uzibiza ngamagama.[c]
Ngenxa yamandla
akhe amakhulu namangalisayo,[d]
Ayikho neyodwa engekho
endaweni yayo.
27 O Jakobe, kungani usho lokhu, O Israyeli, kungani
umemezela uthi,
'Indlela yami ifihlekile ku-Jehova,
UNkulunkulu akangibonisi
ubulungisa'?[e]
28 Awazi yini? Awukezwa yini?
UJehova, uMdali wemikhawulo yomhlaba, unguNkulunkulu kuze kube phakade.[f]
Akakhathali noma aphelelwe amandla.[g]
Ukuqonda kwakhe akuphenyeki.*[h]
29 Unika okhathele amandla
Abanike amandla aphelele
labo abangenamandla.[i]
30 Abafana bayokhathala baphelelwe amandla,
Nezinsizwa ziyokhubeka
ziwe,
31 Kodwa labo abathembele
kuJehova bayothola amandla kabusha.
Bayokhuphuka ngamaphiko njengezinkozi.[a]
Bayogijima bangaphelelwa
amandla;
Bayohamba bangakhathali."[b]

# 41

"Thulani ningilalele*
nina ziqhingi;
Izizwe mazithole amandla
kabusha.
Mazisondele; nizivumele zikhulume.[c]
Masihlangane ndawonye
ngenjongo yokwahlulela.
2 Ngubani ovuse othile
empumalanga,[d]
Owambiza ngokulunga ukuba eze ezinyaweni zaKhe,*
Ukuze anikele izizwe kuye,
Amenze anqobe
amakhosi?[e]
Ngubani ozenza zibe uthuli
phambi kwenkemba yakhe,
Njengezinhlanga ezipheshulwa umoya phambi
komnsalo wakhe?
3 Uyazijaha, adlule ngokuthula
Ezindleleni angakaze alubhade kuzo.
4 Ngubani othathe isinyathelo wenza lokhu,
Obize izizukulwane kusukela ekuqaleni?
Mina Jehova, ngingowokuQala;[f]
Nakwabokugcina ngingofanayo."[g]
5 Iziqhingi zikubonile lokhu
zesaba.
Imikhawulo yomhlaba yaqala ukuthuthumela.
Izizwe zibuthana ndawonye
ziyasondela.

40:23 *Noma, "ababusi." 40:28 *Noma, "akuqondakali."

41:1 *Noma, "Thulani phambi kwami."
41:2 *Okuwukuthi, ukuze amkhonze.

ISAHL. 40
a 1Kh 21:20, 21 2Kh 10:10, 11 Jer 22:24, 30
b Hu 102:25
c Hu 147:4
d Hu 89:13
e Isay 49:14 Hez 37:11
f Gen 21:33 Hu 90:2 Jer 10:10 1Ti 1:17
g Hu 121:4 Isay 27:3
h Hu 139:4, 6 Hu 147:5 Isay 55:9 Rom 11:33 1Ko 2:16
i Hu 29:11 Isay 40:26 Flp 4:13 Heb 11:33, 34

Uhla 2
a Hu 103:5
b 1Kh 18:46 Hu 84:7

ISAHL. 41
c Isay 41:21
d Isay 44:28 Isay 46:11 IsA 16:12
e Isay 45:1
f Isay 43:10 Isay 44:6 Isay 48:12 IsA 1:8
g Isay 46:4 Mal 3:6 Jak 1:17

6 Yilowo nalowo usiza umngani wakhe
Uthi kumfowabo: "Yiba nesibindi."
7 Ngakho ingcweti iqinisa osebenza ngensimbi;[a]
Oqondisa ngesando sokukhanda
Uqinisa oshaya ngesando ensimbini okukhandelwa kuyo.
Uthi ngokushiselwe ngomthofu: "Kuhle."
Isithombe sibe sesiqiniswa ngezipikili ukuze singawi.
8 "Kodwa wena Israyeli, uyinceku yami,[b]
Wena Jakobe, nceku yami engiyikhethile,[c]
Nzalo* ka-Abrahama umngani wami,[d]
9 Wena engakuthatha emikhawulweni yomhlaba,[e]
Wena engakubiza emajukujukwini awo.
Ngathi kuwe, 'Uyinceku yami;[f]
Ngikukhethile; angizange ngikulahle.[g]
10 Ungesabi ngoba nginawe.[h]
Ungakhathazeki ngoba nginguNkulunkulu wakho.[i]
Ngizokuqinisa, impela ngizokusiza,[j]
Impela ngizokubamba ngesandla sami sokudla sokulunga.'
11 Bheka! Bonke abakuthukuthelelayo bayohlazeka balulazeke.[k]
Labo abalwa nawe bayokwenziwa ize bashabalale.[l]
12 Uyobafuna abantu abalwa nawe, kodwa ngeke ubathole;
Abantu abalwa nawe bayoba njengento engekho nanjengeze.[m]

41:8 * NgesiHebheru, "Mbewu."

ISAHL. 41
a Isay 44:12 Isay 46:6
b Eks 19:5, 6 Lev 25:42
c Dut 7:6 Hu 33:12
d 2Kr 20:7 Jak 2:23
e Hu 107:2, 3
f Isay 43:10
g 1Sa 12:22 Jer 33:25, 26
h Dut 20:1 Hu 46:1 Rom 8:31
i Isay 60:19, 20
j Dut 33:27 Hu 115:9
k Isay 45:24
l Isay 40:17 Isay 60:12
m Isay 54:17

Uhla 2
a Dut 33:29
b Dut 7:7
c Isay 43:14 Isay 47:4
d Mik 4:13
e Isay 25:9
f Isay 12:6
g Dut 28:48 Amo 8:11
h Isay 30:19 Isay 55:1
i Hu 94:14 Isay 42:16 Heb 13:5
j Isay 30:25
k Jow 3:18
l Hu 107:35

13 Ngoba mina, Jehova uNkulunkulu wakho, ngibambe isandla sakho sokudla,
Mina engithi kuwe, 'Ungesabi. Ngizokusiza.'[a]
14 Ungesabi, wena sibungu* esinguJakobe,[b]
Nina madoda akwa-Israyeli, ngizokusiza," kusho uJehova, uMhlengi wakho,[c]
oNgcwele ka-Israyeli.
15 "Bheka! Ngikwenze waba yisihlibhi sokubhula,[d]
Isibhulo esisha esinamazinyo asika nhlangothi zombili.
Uyonyathela izintaba uzicolisise
Wenze amagquma abe njengamakhoba.
16 Uyozihlunga,
Umoya uyoziphephula;
Isivunguvungu sizihlakaze.
Wena uyojabula ngoJehova,[e]
Uyoziqhayisa ngoNgcwele ka-Israyeli."[f]
17 "Abahluphekayo nabampofu bafuna amanzi, kodwa awekho.
Ulimi lwabo lomile ngenxa yokoma.[g]
Mina Jehova, ngizobaphendula.[h]
Mina, Nkulunkulu ka-Israyeli, ngeke ngibashiye.[i]
18 Ngizokwenza imifula igobhoze emagqumeni angenalutho[j]
Neziphethu emathafeni asezigodini.[k]
Ngizokwenza ihlane libe yichibi lamanzi elinomhlanga
Nezwe elingenamanzi libe yiziphethu zamanzi.[l]
19 Ehlane ngizotshala isihlahla somsedari,

41:14 * Okuwukuthi, akakwazi ukuzivikela futhi uphansi.

Isihlahla somtholo neso-
mbomvana nesihlahla si-
kaphayini.[a]
Ethafeni eliwugwadule ngi-
zotshala isihlahla somju-
nipha,
Kanye nesihlahla somthida-
ri nesomsayipuresi,[b]
20 Ukuze bonke abantu babo-
ne futhi bazi
Banake futhi baqonde
Ukuthi yisandla sikaJehova
esikwenzile lokhu,
ONgcwele ka-Israyeli uku-
dalile."[c]
21 "Lethani udaba lwenu," ku-
sho uJehova.
"Vezani izizathu zenu," ku-
sho iNkosi kaJakobe.
22 "Vezani ubufakazi nisitshe-
le nezinto ezizokwenzeka.
Sitsheleni ngezinto zesi-
khathi esidlule,*
Ukuze sicabange ngazo# fu-
thi sazi ikusasa lazo.
Noma sitsheleni ngezinto
ezizayo.[d]
23 Sitsheleni ngezinto ezizo-
kwenzeka esikhathini esi-
zayo,
Ukuze sazi ukuthi ningo-
nkulunkulu.[e]
Yebo, yenzani okuthile,
okuhle noma okubi,
Ukuze simangale lapho si-
kubona.[f]
24 Bhekani! Niyinto engekho,
Enikufezile akulutho.[g]
Noma ubani onikhethayo
uyinto enengekayo.[h]
25 Ngivuse othile enyakatho
futhi uzofika,[i]
Othile ovela empumalanga[j]
oyobiza igama lami.
Uzonyathela ababusi*
njengokungathi bawubu-
mba,[k]
Njengombumbi onyathela
ubumba olumanzi.
26 Ubani owakhuluma ngalo-
khu kusukela ekuqaleni,
ukuze sazi,
Noma ezikhathini ezidlule,
ukuze sithi, 'Uqinisile'?[a]
Ngempela akekho owaku-
memezela!
Akekho owakusho!
Akukho muntu owezwa
okuthile kini!"[b]
27 Ngaba owokuqala owathi
kulo iZiyoni: "Bheka!
Naba!"[c]
NaseJerusalema ngizothu-
mela isithunywa sezinda-
ba ezinhle.[d]
28 Kodwa ngaqhubeka ngibhe-
kile, kwakungekho mu-
ntu;
Kwakungekho noyedwa
phakathi kwabo ongani-
keza iseluleko.
Ngangilokhu ngibacela
ukuba baphendule.
29 Bheka! Bonke bayinto
engekho.
Imisebenzi yabo iyize.
Izithombe zabo zensimbi*
ziwumoya nento
engekho.[e]

**42** Bheka! Inceku yami[f]
engiyisekelayo!
Okhethiwe wami[g] engima-
mukele![h]
Ngifake umoya wami kuye;[i]
Uyoletha ubulungisa ezi-
zweni.[j]
2 Ngeke amemeze noma
aphakamise izwi lakhe,
Nasemgwaqweni ngeke ali-
zwakalise izwi lakhe.[k]
3 Akukho mhlanga ofohloki-
le ayowuphula,
Akukho ntambo elokozayo
ayoyicima.[l]

**ISAHL. 41**
a Isay 32:14, 15; Isay 60:21
b Isay 51:3; Isay 55:13
c Hez 39:28
d Isay 42:9; Isay 46:9, 10; Isay 48:5
e Isay 44:6, 7
f Jer 10:5
g Isay 44:10; Jer 10:14, 15
h Dut 7:26; Dut 27:15; Hu 115:4, 8
i Isay 44:28; Isay 45:1; Jer 51:28, 29
j Isay 46:11; IsA 16:12
k Mik 7:10

**Uhla 2**
a Isay 43:9; Isay 44:7; Isay 45:21
b Hab 2:18, 19
c Isay 43:10
d Ezr 1:1, 2; Isay 40:9
e Hu 115:4-8; Isay 44:9; 1Ko 8:4

**ISAHL. 42**
f Isay 52:13
g Isay 49:7; Luk 9:35
h Mat 3:17; Joh 6:27; 2Pe 1:17
i Isay 61:1; Mat 3:16
j Mat 12:15-18
k Zak 9:9; Mat 12:16, 19
l Mat 11:28, 29; Heb 2:17

**41:22** *NgesiHebheru, "zokuqala." #Noma, "sizifake ezinhliziyweni." **41:25** *Noma, "ababusi abangamasekela."

**41:29** *Noma, "ezenziwe ngokuncibilikisiwe."

Uyokhipha ubulungisa ngo-
kwethembeka.[a]
4 Ngeke adangale noma afo-
hlozwe kuze kube yilapho
eletha ubulungisa emhla-
beni;[b]
Iziqhingi ziyoqhubeka zili-
ndele umthetho wakhe.*
5 Yilokhu uNkulunkulu weqi-
niso, uJehova, akushoyo,
UMdali wamazulu oMkhulu
owawelula,[c]
Lowo owendlala umhlaba
nomkhiqizo wawo,[d]
Lowo owenza abantu aba-
kuwo baphefumule[e]
Nonika labo abahamba
kuwo umoya:[f]
6 "Mina, Jehova, ngikubize
ngokulunga;
Ngibambe isandla sakho.
Ngizokulonda, ube yisivu-
melwano phakathi kwami
nabantu[g]
Ube ngukukhanya kwezi-
zwe,[h]
7 Ukuze uvule amehlo ezi-
mpumputhe,[i]
Ukhiphe isiboshwa ejele,
Ukhiphe abahlezi ebumnya-
meni ejele.[j]
8 NginguJehova. Yilelo igama
lami;
Anginiki muntu inkazimulo
yami,*
Noma izithombe ezibaziwe
udumo lwami.[k]
9 Izinto zokuqala bheka seze-
nzekile;
Manje ngimemezela izinto
ezintsha.
Nginitshela ngazo zingaka-
veli."[l]
10 Culelani uJehova ingoma
entsha,[m]
Ingoma yokumdumisa ku-
sukela emikhawulweni
yomhlaba,[a]
Nina enehlela olwandle
nani nonke enilugcwali-
sile,
Nina ziqhingi nani enihlala
kuzo.[b]
11 Ihlane namadolobha alo
makumemeze,[c]
Imizi okuhlala kuyo aba-
kwaKhedari.[d]
Abahlala edwaleni maba-
memeze ngenjabulo;
Mabamemeze kakhulu be-
seziqongweni zezintaba.
12 Mabanike uJehova inkazi-
mulo
Mabazise ngodumo lwakhe
eziqhingini.[e]
13 UJehova uyophuma nje-
ngendoda enamandla.[f]
Uyovusa intshiseko yakhe
njengeqhawe.[g]
Uyomemeza, yebo, uyome-
meza ukumemeza kwe-
mpi;
Uyozibonisa enamandla
ngaphezu kwezitha za-
khe.[h]
14 "Ngithule isikhathi eside.
Ngangilokhu ngithule ngizi-
bambile.
Njengowesifazane obele-
thayo,
Ngizobubula, ngihefuzele,
ngibitoze ngasikhathi si-
nye.
15 Ngizobhuqa izintaba nama-
gquma
Ngomise zonke izimila
zawo.
Ngizophendula imifula ibe
yiziqhingi*
Ngomise namachibi anom-
hlanga.[i]
16 Ngizohola izimpumputhe
endleleni ezingayazi[j]

42:4 *Noma, "isiqondiso sakhe." 42:8 *Noma, "Inkazimulo yami angiyihlanganyeli nomunye umuntu."

42:15 *Noma, "izindawo ezigudle ulwandle."

ISAHL. 42
a Isay 11:3, 4; Mat 12:20; Joh 5:30; IsA 19:11
b Isay 9:7; Isay 49:8
c Isay 40:22, 26
d Jer 10:12
e Gen 2:7; IzE 17:24, 25
f Job 12:10
g Isay 49:8
h Isay 49:6; Luk 2:29-32; Joh 8:12
i Isay 35:5
j Isay 61:1; 1Pe 2:9
k Eks 34:14
l Isay 41:23; Isay 43:19; 2Pe 1:21
m Hu 96:1; Hu 98:1; IsA 14:3

Uhla 2
a Isay 44:23
b Isay 51:5
c Isay 35:1
d Gen 25:13; Isay 60:7
e Hu 22:27; Isay 24:15; Isay 66:19
f Isay 59:17
g Eks 15:3
h 1Sa 2:10
i Hu 107:33; Isay 44:27; Isay 50:2
j Isay 29:18; Isay 35:5; Jer 31:8

Ngizihambise ngezindlela ezingajwayelekile.[a]
Ngizophendula ubumnyama obuphambi kwazo bube ngukukhanya[b]
Nendawo emagebhugebhu ibe yizwe eliqondile.[c]
Yilokhu engizozenzela kona, futhi ngeke ngizishiye."
17 Bazobuyiselwa emuva, bazohlazeka kakhulu,
Labo abathembela ezithombeni ezibaziwe,
Labo abathi ezithombeni zensimbi:* "Ningonkulunkulu bethu."[d]
18 Yizwani, nina zithulu;
Bhekani ukuze nibone, nina zimpumputhe.[e]
19 Ngubani oyimpumputhe, ngaphandle kwenceku yami,
Oyisithulu njengesithunywa sami engisithumayo?
Ngubani oyimpumputhe njengalowo othole umvuzo,
Oyimpumputhe njengenceku kaJehova?[f]
20 Nibona izinto eziningi kodwa aninaki.
Nivula izindlebe zenu kodwa anilaleli.[g]
21 Ngenxa yokulunga kwakhe,
UJehova ukujabulele ukwenza umthetho* ube mkhulu nokuwenza ukhazimule.
22 Kodwa lesi yisizwe esiphangiwe nesiphundliwe;[h]
Bonke babambeke emigodini futhi bafihlwe emajele.[i]
Baphangiwe kungekho ozobakhulula,[j]
Baphundliwe kungekho othi: "Buyisa!"
23 Ngubani phakathi kwenu ozolalela lokhu?
Ngubani ozonaka futhi alalelele isikhathi esizayo?
24 Ngubani onikele uJakobe ukuba aphundlwe
No-Israyeli kubaphangi?
Akuyena yini uJehova, Lowo esone kuye?
Abafunanga ukuhamba ezindleleni zakhe,
Abazange bawulalele umthetho wakhe.*[a]
25 Ngakho waqhubeka ethululela phezu kuka-Israyeli ulaka,
Intukuthelo yakhe nolaka lwempi.[b]
Lwaqothula yonke into emzungezile, kodwa akanakanga.[c]
Lwamvuthela kodwa wayengakubeki lokho enhliziyweni.[d]

# 43

Manje yilokhu uJehova akushoyo,
UMdali wakho Jakobe, Lowo owakubumba Israyeli:[e]
"Ungesabi ngoba ngikuhlengile.[f]
Ngikubize ngegama lakho. Ungowami.
2 Uma udabula emanzini, ngizoba nawe,[g]
Lapho unqamula emifuleni, ngeke ikukhukhule.[h]
Uma udabula emlilweni, ngeke ushe,
Nelangabi alisoze lakuhangula.
3 Ngoba nginguJehova uNkulunkulu wakho,
ONgcwele ka-Israyeli, uMsindisi wakho.
Nginikele iGibhithe njengesihlengo sakho,

42:17 *Noma, "ezenziwe ngokuncibilikisiwe." 42:21 *Noma, "isiqondiso."

42:24 *Noma, "basilalele isiqondiso sakhe."

ISAHL. 42
a Isay 30:21
b Isay 60:1, 20
c Isay 40:4
d Isay 44:10, 11 Isay 45:16
e Isay 6:9, 10 Isay 43:8
f Isay 56:10 Jer 4:22 Hez 12:2
g Hez 33:31
h Dut 28:15, 33 Jer 50:17
i Hu 102:19, 20
j Dut 28:29, 52

Uhla 2
a Hlu 2:12, 14 2Kr 15:3, 6 Hu 106:41
b Dut 32:22 Nah 1:6
c Isay 9:13 Jer 5:3 Hos 7:9
d Isay 57:11

ISAHL. 43
e Hu 100:3 Isay 43:15 Isay 44:2, 21
f Isay 44:23 Jer 50:34
g Eks 14:29
h Jos 3:15, 16 2Kh 2:8

IТopiya neSeba esikhundle-
ni sakho.
4 Ngenxa yokuthi ube yigugu
emehlweni ami,[a]
Wadunyiswa futhi ngaku-
thanda.[b]
Ngakho ngizonikela abantu
esikhundleni sakho
Nezizwe esikhundleni soku-
phila kwakho.
5 Ungesabi ngoba nginawe.[c]
Ngizoyiletha inzalo* yakho
ivela empumalanga
Ngikuqoqele ndawonye ku-
suka entshonalanga.[d]
6 Ngizothi kuyo inyakatho,
'Wadedele!'[e]
Nakuyo iningizimu, 'Unga-
wabambi.
Letha amadodana ami asu-
ka kude, amadodakazi
ami asuka emikhawulwe-
ni yomhlaba,[f]
7 Wonke umuntu obizwa nge-
gama lami[g]
Engimdalele inkazimulo
yami,
Engimbumbile ngamenza.'[h]
8 Lethani isizwe esiyizimpu-
mputhe nakuba siname-
hlo,
Esiyizithulu nakuba sinezi-
ndlebe.[i]
9 Izizwe zonke maziqoqane
ndawonye,
Izizwe mazibuthane ndawo-
nye.[j]
Ngubani phakathi kwazo
ongakusho lokhu?
Noma zingasenza yini sizwe
izinto zokuqala?*[k]
Maziveze ofakazi bazo, uku-
ze zibonise ukuthi ziqini-
sile,
Noma mazizwe bese zithi,
'Kuyiqiniso!'"[l]

10 "Ningofakazi bami,"[a] kusho
uJehova,
"Yebo, inceku yami engiyi-
khethile,[b]
Ukuze nazi futhi nibe no-
kholo kimi*
Niqonde ukuthi ngise-
nguYe.[c]
Ngaphambi kwami akukho
Nkulunkulu owabunjwa,
Nangemva kwami akekho
oyoba khona.[d]
11 Mina—mina nginguJehova,[e]
ngaphandle kwami ake-
kho umsindisi."[f]
12 "Yimi omemezelile, wasi-
ndisa futhi wenza ukuba
kwaziwe
Ngesikhathi kungekho nku-
lunkulu wezinye izizwe
phakathi kwenu.[g]
Ngakho ningofakazi bami,"
kusho uJehova, "Mina
nginguNkulunkulu.[h]
13 Ngihlale ngingofanayo;[i]
Akekho ongahlwitha noma
yini esesandleni sami.[j]
Lapho ngithatha isinya-
thelo, akekho ongangivi-
mba."[k]
14 Yilokhu uJehova akushoyo,
uMhlengi wenu,[l] oNgcwe-
le ka-Israyeli:[m]
"Ngenxa yenu ngizothume-
la ibutho eBhabhiloni ngi-
bangele ukuba kuwe yo-
nke imigoqo yamasango,[n]
AmaKhaledi, esemikhunji-
ni yawo, ayokhala ecinde-
zelekile.[o]
15 NginguJehova
oNgcwele wenu,[p] uMdali
ka-Israyeli,[q] iNkosi yenu."[r]
16 Yilokhu uJehova akushoyo,
Lowo owenza indlela eda-
bula olwandle
Nomgwaqo odabula ema-
nzini anamandla,[s]

---

**43:5** *NgesiHebheru, "imbewu." **43:9** *Cishe kubhekiselwa ezintweni eziyokwenzeka kuqala esikhathini esizayo.

**43:10** *Noma, "ningethembe."

**ISAHL. 43**
a Eks 19:5, 6
b Dut 7:8 Jer 31:3
c Isay 41:10 Isay 44:2 Jer 30:10
d Dut 30:1-3 Hu 106:47 Isay 66:20 Hez 36:24 Mik 2:12 Zak 8:7
e Jer 3:18
f Jer 31:8
g Jer 33:16
h Hu 100:3 Isay 29:23
i Isay 6:9, 10 Isay 42:18, 19
j Isay 41:1
k Isay 41:21, 22 Isay 44:7
l 1Kh 18:24, 25

**Uhla 2**
a IzE 1:8 IsA 1:5
b Dut 4:37
c Isay 41:4
d Isay 44:8
e Dut 6:4
f Isay 12:2 Hos 13:4 1Ti 2:3 Jud 25
g Dut 32:12
h Isay 46:9, 10
i Isay 41:4 IsA 1:8
j Dut 32:39
k Isay 14:27 Dan 4:35
l Isay 44:6 Isay 63:16
m Isay 54:5
n Isay 45:1, 2
o Jer 50:10
p Hu 89:18
q Isay 43:1
r Dut 33:5 Hu 74:12 Isay 33:22 IsA 11:17
s Eks 14:16 Jos 3:13

17 Lowo okhipha inqola yempi
nehhashi,[a]
Ibutho lempi namaqhawe
anamandla ngasikhathi
sinye, uthi:
"Bazolala phansi banga-
vuki.[b]
Bazocinywa, bacinywe nje-
ngentambo yelambu evu-
thayo."
18 "Ningazikhumbuli izinto za-
kudala,
Ningalokhu nicabanga nge-
zinto zesikhathi esidlule.
19 Bhekani! Ngenza into
entsha;[c]
Ngisho namanje isiyavela.
Aniyiboni yini?
Ngizokwenza indlela enqa-
mula ehlane[d]
Nemifula enqamula ogwa-
dule.[e]
20 Isilwane sasendle sizongi-
dumisa,
Izimpungushe nezintshe,
Ngoba ngiveza amanzi
ehlane,
Imifula ogwadule,[f]
Ukuze ngiphuzise isizwe
sami, okhethiwe wami,[g]
21 Isizwe engizibumbele sona,
Ukuze simemezele ngodu-
mo lwami.[h]
22 Kodwa awungibizanga Ja-
kobe,[i]
Ngoba udiniwe yimi Isra-
yeli.[j]
23 Awuzange ungilethele izi-
mvu zeminikelo yakho
eshiswayo ephelele
Noma ungikhazimulise nge-
mihlatshelo yakho.
Angikuphoqanga ukuba
ungilethele isipho,
Angizange ngikukhathaze
ngokufuna impepho.[k]
24 Awungithengelanga umhla-
nga onephunga elimnandi
ngemali yakho,
Awuzange unganelise nga-
mafutha emihlatshelo ya-
kho.[a]
Kunalokho, ungithwese
umthwalo ngezono zakho
Wangikhathaza ngezipha-
mbeko zakho.[b]
25 Mina, mina nginguYe osula
izeqo zenu*[c] ngenxa
yami,[d]
Izono zenu ngeke ngizikhu-
mbule.[e]
26 Ngikhumbuze; masiqulisa-
ne icala;
Veza olwakho uhlangothi
ukuze ubonise ukuthi
awunaphutha.
27 Ukhokho wakho wokuqala
wona,
Nabakhulumeli* bakho ba-
ngivukele.[f]
28 Ngakho ngizongcolisa izi-
khulu zendawo engcwele,
Ngizonikela uJakobe eku-
bhujisweni
No-Israyeli ekuthukweni
ngenhlamba.[g]

44 "Lalela Jakobe nceku
yami,
Nawe Israyeli, engikukhe-
thile.[h]
2 Yilokhu uJehova akushoyo,
UMenzi wakho noMbumbi
wakho,[i]
Owakusiza kusukela esibe-
lethweni:*
'Ungesabi nceku yami Ja-
kobe,[j]
Nawe Jeshuruni,#[k] engiku-
khethile.
3 Ngoba ngizothululela ama-
nzi ezweni elomile*[l]
Nemifudlana egelezayo em-
hlabathini owomile.

ISAHL. 43
a Eks 15:4
b Jer 51:39
c Isay 42:9
d Isay 11:16 Isay 40:3
e Isay 41:18
f Isay 41:17 Jer 31:9
g Hu 33:12 Isay 41:8 1Pe 2:9
h Isay 60:21
i Isay 64:7
j Jer 2:5 Hos 7:10 Mik 6:3
k Isay 66:3

Uhla 2
a Lev 3:14-16
b Isay 1:14, 15
c Isay 1:18 Jer 50:20
d Hu 25:7 Hu 79:8, 9 Hez 20:9
e Jer 31:34
f Isay 28:7 Jer 5:31
g Hu 79:4 Hu 137:3

ISAHL. 44
h Gen 17:1, 7 Gen 35:10, 11 Isay 41:8
i Isay 43:1 Isay 44:21
j Isay 41:10 Jer 30:10
k Dut 32:15 Dut 33:5, 26
l Isay 41:17

**43:25** *Noma, "izenzo zenu zokuvukela." **43:27** *Cishe kushiwo abafundisi boMthetho. **44:2** *Noma, "kusukela uzalwa." #Incazelo: "Oqotho," isiqu sokuhlonipha u-Israyeli. **44:3** *Noma, "kowomile."

Ngizothululela umoya wami
kubantwana bakho,*[a]
Nesibusiso sami enzalweni
yakho.
4 Bayomila njengokungathi
baphakathi kotshani obu-
luhlaza,[b]
Njengezihlahla zikabhabhu-
lini ngasemifudlaneni ya-
manzi.
5 Omunye uyothi: “Ngingoka-
Jehova.”[c]
Omunye azibize ngegama
likaJakobe,
Kanti omunye uyobhala
esandleni sakhe: “OkaJe-
hova.”
Uyozibiza ngegama lika-
Israyeli.’
6 Yilokhu uJehova akushoyo,
INkosi ka-Israyeli[d] noMhle-
ngi wakhe,[e] uJehova wa-
mabutho:
‘Ngingowokuqala futhi ngi-
ngowokugcina.[f]
Akekho omunye uNku-
lunkulu ngaphandle
kwami.[g]
7 Ngubani onjengami?[h]
Makamemeze, asho futhi
anginikeze ubufakazi![i]
Mabasitshele izinto ezizayo
Nezinto ezisazokwenzeka,
Kusukela ngenza abantu
bakudala.
8 Ningesabi,
Ningethuki.[j]
Anginitshelanga yini ku-
ngakenzeki, ngakumeme-
zela?
Ningofakazi bami.[k]
Ukhona yini omunye
uNkulunkulu ngaphandle
kwami?
Cha, alikho elinye iDwala;[l]
alikho engilaziyo.’ ”
9 Abenzi bezithombe ezibazi-
we bayize,
Nezithombe zabo eziyigugu
ngeke zibasize ngalutho.[a]
Njengofakazi, aziboni* lu-
tho futhi azazi lutho,[b]
Ngakho labo abazenzile ba-
yohlazeka.[c]
10 Ubani ongabumba unkulu-
nkulu noma ongenza isi-
thombe sensimbi*
Esingeke sizuzise
ngalutho?[d]
11 Bheka! Bonke abangani ba-
khe bayohlazeka![e]
Izingcweti zingabantu nje.
Mababuthane ndawonye
bame.
Bonke bayokwesaba kakhu-
lu bahlazeke.
12 Osebenza ngensimbi ushisa
insimbi emalahleni esebe-
nzisa ithuluzi lakhe.*
Uyiqongqotha ngezando,
Uyilungisa ngengalo yakhe
enamandla.[f]
Kuthi kusenjalo alambe,
aphelelwe amandla;
Akawaphuzi amanzi futhi
uyakhathala.
13 Umbazi wokhuni welula
intambo yokukala, uyalu-
dweba ngoshoki obomvu.
Uyaluphala ngesiphalo so-
khuni, aludwebe ngethu-
luzi.
Ulwenza lube njengomfane-
kiso womuntu,[g]
Lube luhle njengomuntu,
Ukuze luhlale endlini.*[h]
14 Kukhona owenza umse-
benzi wokugawula imise-
dari.
Ukhetha uhlobo oluthile
lwesihlahla, i-oki,
Uyasiyeka sikhule siqine
phakathi kwezinye izihla-
hla zehlathi.[i]

**44:3** *NgesiHebheru, “embewini yakho.”

**44:9** *Okuwukuthi, izithombe. **44:10** *Noma, “esenziwe ngokuncibilikisiwe.” **44:12** *Noma, “ingwegwe yakhe.” **44:13** *Noma, “ethempelini.”

ISAHL. 44
a Isay 32:14, 15
b Isay 61:11
c Zak 13:9
d Dut 33:5 Isay 33:22
e Eks 6:6 Jer 50:34
f Isay 41:4 Isay 48:12 IsA 22:13
g Dut 4:35, 39 Isay 43:10
h Isay 46:9
i Isay 43:9 Isay 45:21
j Isay 41:10
k Isay 43:10
l Dut 32:4 2Sa 22:32

Uhla 2
a Hlu 10:14 1Kh 18:26 1Ko 8:4
b Hu 115:4, 5
c Jer 51:17
d Jer 10:5 IzE 19:26
e 1Sa 5:3, 7
f Isay 40:19 Isay 41:7 Isay 46:6
g Eks 20:4 Dut 4:15, 16 IzE 17:29
h Dut 27:15
i Isay 40:20 Jer 10:3

Utshala isihlahla somfire,
imvula iyasikhulisa.
15 Siba yizinkuni umuntu
angabasa ngazo umlilo.
Uthatha ingxenye yaso ukuze othe;
Ubasa umlilo abhake isinkwa.
Kodwa wenza nonkulunkulu amkhothamele.
Wenza ngaso isithombe esibaziwe, akhothame phambi kwaso.[a]
16 Ingxenye yaso uyayibasa;
Ngaleyo ngxenye wosa inyama ayidlayo, aneliseke.
Uyotha athi:
"Awuzwa-ke! Ngifudumele njengoba ngihlezi emlilweni."
17 Kodwa ingxenye yaso esele uyenza ibe ngunkulunkulu, ibe yisithombe esibaziwe.
Uyasikhothamela asikhonze.
Uthandaza kuso athi:
"Ngisindise ngoba ungunkulunkulu wami."[b]
18 Abazi lutho futhi abaqondi lutho,[c]
Ngoba amehlo abo avaliwe ababoni,
Nenhliziyo yabo ayiqondi.
19 Akekho ocabangayo enhliziyweni yakhe
Noma onolwazi noma ukuqonda, othi:
"Ingxenye yaso ngiyishise emlilweni,
Emalahleni aso ngibhake isinkwa ngosa nenyama ngadla.
Ingabe ingxenye yaso esele kufanele ngiyenze ibe yinto enyanyekayo?[d]
Ingabe kufanele ngikhonze ugodo* lwesihlahla?"
20 Udla umlotha.
Inhliziyo yakhe ekhohlisiwe imdukisile.
Akakwazi ukuzisindisa, futhi akasho ukuthi:
"Awekho yini amanga esandleni sami sokudla?"
21 "O Jakobe, khumbula lezi zinto, nawe Israyeli,
Ngoba uyinceku yami.
Ngakubumba, uyinceku yami.[a]
O Israyeli, ngeke ngikukhohlwe.[b]
22 Ngizozimboza iziphambeko zakho ngokungathi ngefu,[c]
Nezono zakho ngokungathi ngamafu amnyama.
Buyela kimi, ngoba ngizokuhlenga.[d]
23 Memezani ngenjabulo nina mazulu,
Ngoba uJehova uthathe isinyathelo!
Memezani ngentokozo nina zingxenye eziphansi zomhlaba!
Memezani ngenjabulo nina zintaba,[e]
Wena hlathi nazo zonke izihlahla zakho!
Ngoba uJehova umhlengile uJakobe,
Ubonisa ubuhle bakhe ku-Israyeli."[f]
24 Yilokhu uJehova akushoyo, uMhlengi wakho,[g]
Owakubumba kusukela esibelethweni:
"NginguJehova, owenza zonke izinto.
Ngelula amazulu ngingedwa,[h]
Ngendlala nomhlaba.[i]
Ubani owayenami?
25 Ngishafisa izibonakaliso zabaprofethi bamanga,*
NginguYe owenza ababhuli baziphathise okwezilima;[j]

44:19 *Noma, "ukhuni olomile."

44:25 *Noma, "zabakhuluma okuyize."

ISAHL. 44
a Eks 20:4, 5; Lev 26:1; Hab 2:18, 19
b Isay 37:37, 38; Isay 45:20; Isay 46:7
c Jer 10:8, 14; Rom 1:21-23
d Dut 27:15

Uhla 2
a Isay 43:1; Isay 44:1
b Isay 49:15
c Hu 51:1; Hu 103:12; Isay 1:18; Isay 43:25; Jer 33:8; IzE 3:19
d Isay 1:27; Isay 48:20; Isay 59:20
e Isay 49:13; Isay 55:12
f Isay 60:21
g Isay 44:6
h Job 26:7; Isay 40:22
i Isay 42:5; Isay 48:13
j Hos 9:7

Lowo owenza amadoda
ahlakaniphile adideke,
Oguqula ulwazi lwawo lube
ngubuwula;[a]
26 Lowo owenza izwi lenceku
yakhe ligcwaliseke,
Lowo ogcwalisa ngokuphe-
lele izibikezelo zezithu-
nywa zakhe;[b]
Lowo othi ngeJerusalema,
'Lizohlalwa,'[c]
Nangamadolobha akwaJu-
da, 'Azokwakhiwa kabu-
sha,[d]
Ngizowavuselela amanxiwa
alo';[e]
27 Lowo othi emanzini ajulile,
'Hwamuka,
Ngizoyomisa yonke imifula
yakho';[f]
28 Lowo othi ngoKoresi,[g]
'Ungumalusi wami,
Uzoyifeza yonke intando
yami';[h]
Lowo othi ngeJerusalema,
'Lizokwakhiwa kabusha,'
Nangethempeli, 'Sizobekwa
isisekelo sakho.' "[i]

**45** Yilokhu uJehova akusho-
yo kogcotshiwe wakhe,
kuKoresi,[j]
Abambe isandla sakhe so-
kudla,[k]
Ukuze anqobe izizwe pha-
mbi kwakhe,[l]
Aphuce amakhosi izikhali,*
Avule iminyango enezi-
cabha ezimbili phambi
kwakhe,
Ukuze amasango anga-
valwa:
2 "Ngizohamba phambi
kwakho,[m]
Ngihlelembe amagquma.
Ngizophula izicabha zethu-
si zibe yizicucu,
Nginqamule nemigoqo* ye-
nsimbi.[a]
3 Ngizokunika ingcebo ese-
bumnyameni
Nengcebo efihlwe ezinda-
weni ezisekusithekeni,[b]
Ukuze wazi ukuthi ngingu-
Jehova,
UNkulunkulu ka-Israyeli,
okubiza ngegama lakho.[c]
4 Ngenxa yenceku yami uJa-
kobe nangenxa ka-Israyeli
okhethiwe wami,
Ngikubiza ngegama lakho.
Ngikunika igama lodumo,
nakuba ubungangazi.
5 NginguJehova, akekho
omunye.
Akekho omunye uNku-
lunkulu ngaphandle
kwami.[d]
Ngizokuqinisa* nakuba
ubungangazi,
6 Ukuze abantu bazi
Kusukela empumalanga
kuya entshonalanga
Ukuthi akekho omunye
ngaphandle kwami.[e]
NginguJehova, akekho
omunye.[f]
7 Ngenza ukukhanya[g] ngidale
nobumnyama,[h]
Ngenza ukuthula[i] ngidale
nenhlekelele;[j]
Mina Jehova, ngenza zonke
lezi zinto.
8 Nina mazulu, yehlisani uku-
lunga kuvela phezulu;[k]
Amafu mawaconse ukulu-
nga.
Umhlaba mawuvuleke
uthele insindiso,
Mawubangele ukuba kumi-
le ukulunga ngasikhathi
sinye.[l]
Mina Jehova, ngikudalile."

45:1 *NgesiHebheru, "Akhumule izinkalo zamakhosi."

45:2 *Izinsimbi zokuvala isango. 45:5 *NgesiHebheru, "Ngizokubhincisa."

ISAHL. 44
a 2Sa 15:31 Isay 29:14
b Jos 23:14 Isay 55:10, 11 Zak 1:6
c Hu 147:2
d Isay 60:10
e Isay 61:4
f Isay 42:15 Jer 50:38 IsA 16:12
g Ezr 1:1, 2 Isay 41:25 Isay 45:1 Isay 46:11 Dan 10:1
h Isay 48:14
i 2Kr 36:22, 23 Ezr 6:3 Isay 45:13

ISAHL. 45
j Ezr 1:1, 2 Isay 44:28
k Isay 45:4
l Isay 13:17 Isay 41:25
m Isay 13:4

Uhla 2
a Hu 107:16
b Jer 50:35, 37
c Ezr 1:1, 2 Isay 44:28
d Dut 4:35, 39 Dut 32:39
e 1Sa 17:46 Hu 102:15, 16 Isay 37:20
f Hu 83:18
g Gen 1:3 Jer 31:35
h Eks 10:21 Hu 104:20
i Isay 26:12
j Shu 7:14 Amo 3:6
k Hez 34:26
l Isay 61:11

9 Maye kulowo ophikisana* noMenzi# wakhe,
Ngoba uwudengezi lobumba nje
Phakathi kwezinye izindengezi ezisemhlabathini!
Kufanele yini ubumba luthi kuMbumbi: "Yini oyenzayo?"[a]
Noma lokho okwenzile kuthi: "Akanazandla"?△
10 Maye kulowo othi kuyise: "Yini le oyizalayo?"
Nakowesifazane: "Yini le oyibelethayo?"*
11 Yilokhu uJehova akushoyo, oNgcwele ka-Israyeli,[b] Lowo owambumba:
"Ungangibuza yini ngezinto ezizayo
Ungiyale ngamadodana ami[c] nangemisebenzi yezandla zami?
12 Ngenza umhlaba[d] ngadala nomuntu okuwo.[e]
Ngelula amazulu ngezandla zami,[f]
Nginika lonke ibutho lawo iziqondiso."[g]
13 "Ngivuse umuntu ngokulunga,[h]
Ngizoqondisa zonke izindlela zakhe.
Nguye oyokwakha idolobha lami[i]
Akhulule abantu bami abadingisiwe[j] ngaphandle kwenkokhiso noma kwesifumbathiso,"[k] kusho uJehova wamabutho.
14 Yilokhu uJehova akushoyo:
"Inzuzo* yaseGibhithe nokuthengiswayo# kwaseTopiya namaSabheya, abantu abade,
Bayoza kuwe babe ngabakho.
Bayohamba ngemva kwakho beboshwe ngamaketanga.
Bayofika bakukhothamele.[a]
Bayothandaza kuwe bathi, 'Impela uNkulunkulu unawe,[b]
Akekho omunye; akekho omunye uNkulunkulu.' "
15 Impela wena unguNkulunkulu ozifihlayo,
Nkulunkulu ka-Israyeli, Msindisi.[c]
16 Bayoba namahloni bahlazeke bonke ngothi lwabo;
Bonke abenzi bezithixo bayohamba belulazekile.[d]
17 Kodwa uJehova uyomsindisa u-Israyeli ngensindiso yaphakade.[e]
Nina ngeke nibe namahloni noma nihlazeke phakade.[f]
18 Ngoba yilokhu uJehova akushoyo,
UMdali wamazulu,[g] uNkulunkulu weqiniso,
UMbumbi womhlaba noMenzi wawo, owawumisa waqina,[h]
Ongawudalelanga ize* kodwa owawubumba ukuze kuhlalwe kuwo:[i]
"NginguJehova, akekho omunye.
19 Angizange ngikhulume ngisendaweni yokucasha,[j] ezweni lobumnyama;
Angizange ngithi enzalweni* kaJakobe,
'Ngifuneni kodwa imizamo yenu iyoba yize.'#
NginguJehova, okhuluma

45:9 *Noma, "oqophisana." #Noma, "noMbumbi." △Noma kungaba, "Noma kufanele yini ubumba luthi: 'Umsebenzi wakho awunazibambo'?" 45:10 *Noma, "Yini le osikwa ngenxa yayo." 45:14 *Noma kungaba, "Izisebenzi." #Noma kungaba, "nabathengisi."

45:18 *Noma kungaba, "ukuba ungabi nalutho." 45:19 *NgesiHebheru, "embewini." #Noma, "kodwa ngeke ningithole."

ISAHL. 45
a Isay 29:16; Jer 18:6; Rom 9:20
b Isay 43:3
c Hos 1:10
d Gen 1:1; Isay 40:28
e Gen 1:27
f Isay 44:24; Jer 32:17; Zak 12:1
g Neh 9:6
h Isay 42:6
i 2Kr 36:23; Ezr 1:2, 3; Isay 44:28
j Isay 14:16, 17; Isay 43:14; Isay 49:25
k Isay 13:17

Uhla 2
a Est 8:17; Isay 14:1, 2; Isay 49:23; Isay 60:14; Isay 61:5
b Zak 8:23
c Isay 43:11; Isay 60:16; Tit 1:3
d Hu 97:7; Isay 44:9
e Isay 26:4; Isay 51:6
f Isay 29:22; Isay 54:4; Jow 2:26; Zef 3:11
g Isay 42:5; Jer 10:12
h Hu 78:69; Hu 104:5; Hu 119:90; IzA 3:19
i Gen 1:28; Gen 9:1; Hu 37:29; Hu 115:16
j Isay 48:16

okulungile, omemezela
okuqotho.[a]
20 Buthanani nize.
Sondelani nonke, nina aba-
phunyukile abavela ezi-
zweni.[b]
Abazi lutho, labo abaha-
mba bephethe izithombe
ezibaziwe
Abathandaza kunkulunku-
lu ongeke akwazi ukubasi-
ndisa.[c]
21 Lethani umbiko wenu no-
daba lwenu.
Mababonisane ndawonye
ngobunye.
Ngubani owakubikezela lo-
khu kusukela kudala
Nowakumemezela esikha-
thini esidlule?
Akumina yini, uJehova?
Akekho omunye uNkulu-
nkulu ngaphandle kwami;
UNkulunkulu olungile no-
Msindisi,[d] akekho omunye
ngaphandle kwami.[e]
22 Phendukelani kimi nisindi-
swe,[f] nonke nina mikha-
wulo yomhlaba,
Ngoba nginguNkulunkulu,
akekho omunye.[g]
23 Ngizifunge mina;
Izwi liphume ngokulunga
emlonyeni wami,
Liyogcwaliseka nakanjani:[h]
Wonke amadolo ayoguqa
kimi,
Wonke umuntu uyofunga
ukuthi uzoba qotho kimi[i]
24 Athi, 'Ngokuqinisekile ku-
Jehova kukhona ukulu-
nga kweqiniso namandla.
Bonke abamthukuthelele
bayoza phambi kwakhe
benamahloni.
25 Yonke inzalo* ka-Israyeli
iyoba ngelungile kuJe-
hova,[j]
Iyoziqhayisa ngaye.'"

45:25 *NgesiHebheru, "imbewu."

ISAHL. 45
a Hu 111:7, 8
Hu 119:137
b Isay 66:20
Jer 50:28
c Isay 42:17
Jer 50:2
d Isay 43:3
e Dut 4:39
Isay 44:8
Mar 12:32
f Mik 7:7
g Dut 4:35
h Isay 55:10, 11
i Dut 6:13
Rom 14:11
j Isay 61:9

Uhla 2

ISAHL. 46
a Jer 50:2
Jer 51:44
b Isay 45:20
c Isay 1:9
d Eks 19:4
Dut 1:31
Isay 44:2
e Isay 41:4
f Isay 43:13
g Eks 15:11
h IzE 17:29
i Isay 40:19
Jer 10:8, 9
j Isay 44:16, 17
Dan 3:1, 5
k Jer 10:5
l 1Sa 5:3
m 1Kh 18:26
Isay 37:37, 38
Jon 1:5

46 UBheli uyagoba,[a] uNebo
uyafola.
Izithixo zabo zilayishwe
ezilwaneni, ezilwaneni
ezithwala imithwalo,[b]
Njengemithwalo esinda izi-
lwane ezikhathele.
2 Bayafola bagobe bobabili;
Abakwazi ukuthwala imi-
thwalo,*
Baya ekuthunjweni.
3 "O wena ndlu kaJakobe,
ngilalele, nani nonke eni-
sele endlini ka-Israyeli,[c]
Nina enginisekele kusukela
nizalwa, nganinakekela
kusukela esibelethweni.[d]
4 Ngiyolokhu ngingofanayo
nize niguge;[e]
Ngiyoqhubeka nginisekela
kuze kube yilapho izinwe-
le zenu sezimpunga.
Njengoba ngenzile ngizoni-
thwala, nginisekele ngini-
khulule.[f]
5 Nizongifanisa nobani noma
ningilinganise nobani
noma ningiqhathanise no-
bani,[g]
Ukuze sifane?[h]
6 Kukhona labo abakhipha
igolide esikhwameni
sabo;
Bakala isiliva esikalini.
Baqasha osebenza ngensi-
mbi, alenze libe ngunku-
lunkulu.[i]
Bayamkhothamela, yebo,
bamkhonze.[j]
7 Bametshatha ehlombe;[k]
Bayamthwala bambeke
endaweni yakhe, ame nje
lapho.
Akasuki endaweni yakhe.[l]
Bayammemeza kodwa aka-
phenduli;
Akakwazi kusindisa muntu
ekucindezelekeni.[m]

46:2 *Okuwukuthi, izithixo ezithwelwe yizilwane.

8 Kukhumbuleni lokhu, niqunge isibindi.
Nicabange ngakho ezinhliziyweni, nina zeqamthetho.
9 Khumbulani izinto zakudala,* zesikhathi esidlule,
Ukuthi nginguNkulunkulu#
futhi akekho omunye.
NginguNkulunkulu akekho ofana nami.[a]
10 Ngibikezela isiphetho kusukela ekuqaleni,
Kusukela kudala ngibikezela izinto ezingakenziwa.[b]
Ngithi, 'Isinqumo* sami siyokuma,[c]
Ngizokwenza noma yini engiyithandayo.'[d]
11 Ngibiza inyoni edla inyama empumalanga.[e]
Ngibiza umuntu ozofeza injongo* yami ezweni elikude.[f]
Ngikhulumile futhi ngizokuletha.
Ngikuhlosile futhi ngizokwenza.[g]
12 Ngilaleleni nina eninezinhliziyo ezilukhuni,*
Nina enikude nokulunga.
13 Ngikusondezile ukulunga kwami;
Akukude,
Nensindiso yami ngeke yephuze ukufika.[h]
Ngizonika insindiso eZiyoni, nginike no-Israyeli ubuhle bami."[i]

47 Yehla uhlale othulini,
Ndodakazi eyintombi yaseBhabhiloni.[j]
O ndodakazi yamaKhaledi,
Hlala phansi emhlabathini
lapho kungekho khona isihlalo sobukhosi,[a]
Ngoba abantu ngeke baphinde bathi untekenteke futhi ngeke usatotoswa.
2 Thatha itshe lokugaya ugaye ufulawa.
Yembula iveyili yakho.
Khumula isiketi sakho, uveze imilenze.
Wela imifula.
3 Ubunqunu bakho buzohlala obala.
Ihlazo lakho lizobonakala.
Ngizophindisela,[b] akukho muntu ozongivimba.*
4 "Lowo osihlengayo
—NguJehova wamabutho igama lakhe—
ONgcwele ka-Israyeli."[c]
5 Hlala lapho uthule ungene ebumnyameni,
Ndodakazi yamaKhaledi;[d]
Ngeke besakubiza ngokuthi uyiNdlovukazi* Yemibuso.[e]
6 Ngabathukuthelela abantu bami.[f]
Ngalingcolisa ifa lami,[g]
Ngabanikela kuwe.[h]
Kodwa awubabonisanga isihe.[i]
Ngisho nasebegugile wabathwesa ijoka elisindayo.[j]
7 Wathi: "Ngiyohlale ngiyiNdlovukazi* kuze kube phakade."[k]
Awuzange ucabange ngalokho owawukwenza;
Awuzange ucabange ngokuthi isiphetho sasiyoba yini.
8 Manje yizwa lokhu, wena othanda injabulo,[l]
Ohlezi ngokulondeka, othi enhliziyweni yakhe:

ISAHL. 46
a Dut 33:26
b Isay 42:9; Isay 45:21
c Hu 33:11
d Hu 135:6; Isay 55:10, 11
e Isay 41:2; Isay 45:1
f Ezr 1:1, 2; Isay 44:28; Isay 48:14
g Num 23:19; Job 23:13
h Isay 12:2; Isay 51:5; Isay 62:11
i Isay 44:23; Isay 60:21

ISAHL. 47
j Hu 137:8; Jer 50:41, 42

Uhla 2
a Dan 5:30
b Dut 32:35, 41; Hu 94:1
c Isay 41:14; Isay 43:3; Isay 44:6
d Isay 47:1
e Isay 13:19; Isay 14:4; IsA 17:5
f 2Kr 36:15, 16; Isay 42:24, 25; Zak 1:15
g Dut 28:63; Hez 24:21
h Jer 52:14
i 2Kh 25:18-21; Hu 137:8
j Dut 28:49, 50
k Dan 4:30; IsA 18:7
l IsA 18:3

**46:9** *NgesiHebheru, "zokuqala." #Noma, "ngingowaPhezulu." **46:10** *Noma, "Injongo; Iseluleko." **46:11** *Noma, "isinqumo; iseluleko." **46:12** *NgesiHebheru, "ezinamandla."

**47:3** *Noma kungaba, "ngeke ngihlangabeze muntu ngomusa." **47:5** *Noma, "uyiNkosikazi." **47:7** *Noma, "ngiyiNkosikazi."

"Yimi yimi, akekho omunye.[a]
Ngeke ngibe ngumfelokazi.
Angisoze ngalahlekelwa abantwana."[b]
9 Kodwa lezi zinto ezimbili zizokufikela ngokuzumayo, ngosuku olulodwa:[c]
Ukulahlekelwa abantwana nobufelokazi.
Ziyokwehlela ngokugcwele[d]
Ngenxa yobuthakathi* bakho, nazo zonke iziphonso zakho ezinamandla.[e]
10 Wathembela ebubini bakho.
Wathi: "Akekho ongibonayo."
Ukuhlakanipha kwakho nolwazi lwakho yikho okwakudukisa,
Uthi enhliziyweni yakho: "Yimi yimi, akekho omunye."
11 Kodwa inhlekelele iyokwehlela,
Awukho umlingo wakho oyoyivimba.*
Okubi kuyokwehlela; ngeke ukwazi ukukugwema.
Kungalindelekile uyokwehlelwa yincithakalo ongakaze uyibone.[f]
12 Qhubeka neziphonso zakho nobuthakathi bakho,[g]
Obulokhu ubenza kusukela ebusheni bakho.
Mhlawumbe ungazuza;
Mhlawumbe uyokwenza abantu bamangale.
13 Udiniwe ubuningi babeluleki bakho.
Mabasukume manje bakusindise,
Labo abakhulekela amazulu,* ababheka izinkanyezi,[a]
Abanikeza ulwazi ekwethwaseni kwezinyanga
Ngokuphathelene nezinto ozobhekana nazo.
14 Bheka! Banjengezinhlanga.
Bayoshiswa umlilo baphele.
Ngeke bakwazi ukuzisindisa emandleni omlilo.
Lo mlilo akuwona amalahle okuzifudumeza,
Akuwona umlilo wokothiwa.
15 Ngakho abenzi bakho bemilingo bayoba njalo kuwe,
Labo okhandleke nabo kusukela ebusheni bakho.
Bayonhlanhlatha, yilowo nalowo ngendlela yakhe.*
Ngeke kube namuntu ozokusindisa.[b]

**48** O wena ndlu kaJakobe, yizwa lokhu,
Nina enizibiza ngegama lika-Israyeli[c]
Enivela emanzini kaJuda,*
Nina enifunga ngegama likaJehova[d]
Enibiza igama likaNkulunkulu ka-Israyeli,
Kodwa hhayi ngeqiniso nangokulunga.[e]
2 Ngoba bazibiza ngegama ledolobha elingcwele[f]
Bafuna usizo kuNkulunkulu ka-Israyeli,[g]
OnguJehova wamabutho igama lakhe.
3 "Ngakutshela kudala ngezinto zesikhathi esidlule.*
Ngazisho ngomlomo wami,
Ngazenza zaziwa.[h]

ISAHL. 47
a Dan 5:22, 23
b IsA 18:7
c IsA 18:10
d Jer 51:29
e Hez 21:21; Dan 5:7; IsA 18:23
f IsA 18:10
g Dan 2:2

Uhla 2
a Dan 5:7
b Jer 51:6

ISAHL. 48
c Gen 32:28
d Dut 6:13
e Lev 19:12; Zef 1:4, 5
f Isay 52:1
g Jer 21:1, 2
h Isay 42:9

**47:9** *Noma kungaba, "Naphezu kobuthakathi." **47:11** *Noma, "Ngeke wazi ukuthi uyoyisusa kanjani kuwe." **47:13** *Noma kungaba, "Labo abahlukanisa amazulu; Ababhula ngezinkanyezi." **47:15** *NgesiHebheru, "aye esifundeni sakhe." **48:1** *Noma kungaba, "Enivela kwaJuda." **48:3** *NgesiHebheru, "zokuqala."

Kungazelelwe ngathatha
isinyathelo, zenzeka.[a]
4 Ngoba ngangazi ukuthi
unenkani kangakanani
—Ukuthi umsipha wentamo
yakho uyinsimbi nesipho-
ngo sakho siyithusi[b]—
5 Ngakutshela kudala.
Ngaphambi kokuba kwe-
nzeke, ngabangela ukuba
ukuzwe,
Ukuze ungasho ukuthi,
'Kwenziwe yisithixo sami;
Kuyalwe yisithombe sami
esibaziwe nesithombe
sami sensimbi.'*
6 Ukuzwile wakubona konke
lokhu.
Ngeke yini ukumemezele?*[c]
Kusukela manje ngime-
mezela izinto ezintsha
kuwe,[d]
Izimfihlo ezigciniwe obu-
ngazazi.
7 Yima zidalwa, azidalwanga
kudala,
Izinto obungakazizwa nga-
phambi kwanamuhla,
Ukuze ungasho ukuthi,
'Bheka! Bengivele ngi-
zazi.'
8 Cha, awukezwa[e] futhi awu-
kazi,
Kudala izindlebe zakho za-
zingavuliwe.
Ngoba ngiyazi ukuthi awu-
ve ukhohlisa,[f]
Nokuthi ubulokhu ubizwa
ngeseqamthetho kusuke-
la uzalwa.[g]
9 Kodwa ngenxa yegama lami
ngizoyibamba intukuthe-
lo yami;[h]
Ngenxa yodumo lwami ngi-
zozibamba,
Ngeke ngikubhubhise.[i]
10 Bheka! Ngikucwengile ko-
dwa hhayi njengesiliva.[a]
Ngikuvivinyile* esitha-
ndweni sokuncibilikisa,
okuwukuthi ukuhlu-
pheka.[b]
11 Ngenxa yami, ngenxa yami
ngizothatha isinyathelo,[c]
Ngoba ngingavuma kanjani
ukuba ngingcoliswe?[d]
Anginiki muntu inkazimulo
yami.*
12 O Jakobe, ngilalele, nawe
Israyeli engikubizile.
Ngingofanayo.[e] Ngingowo-
kuqala futhi ngingowoku-
gcina.[f]
13 Isandla sami sabeka isise-
kelo somhlaba,[g]
Nesandla sami sokudla se-
lula amazulu.[h]
Lapho ngiwabiza, ama nda-
wonye.
14 Qoqanani ndawonye no-
nke, nilalele.
Ngubani phakathi kwabo
omemezele lezi zinto?
UJehova umthandile.[i]
Uyokwenza akuthandayo
ngeBhabhiloni,[j]
Ingalo yakhe iyojezisa ama-
Khaledi.[k]
15 Mina ngikhulumile, ngimbi-
zile.[l]
Ngimlethile, indlela yakhe
iyophumelela.[m]
16 Sondelani kimi nizwe lo-
khu.
Kusukela ekuqaleni angiza-
nge ngikhulume endawe-
ni efihlekile.[n]
Kusukela esikhathini okwe-
nzeka ngaso ngangikho-
na."
Manje iNkosi EnguMbusi

ISAHL. 48
a Jos 21:45
Isay 55:10, 11
b Eks 32:9
2Kh 17:13, 14
2Kr 36:15, 16
Hu 78:8
Hez 3:7
c Isay 43:10
d Isay 42:9
Isay 65:17
e Isay 29:10
f Jer 5:11
Jer 9:2
g Dut 9:7
Hu 95:10
h 1Sa 12:22
Hu 25:11
Hu 79:9
Jer 14:7
i Neh 9:30, 31
Hu 78:38

Uhla 2
a IzA 17:3
b Isay 1:25
Jer 9:7
c Isay 48:9
d Hez 20:9
e Isay 43:13
Isay 46:4
f Isay 44:6
IsA 1:8
IsA 22:13
g Job 38:4
h Isay 40:22
Isay 42:5
i Isay 45:1
j Isay 44:28
k Isay 13:19
Jer 50:13
l Isay 41:2
m Isay 45:5
n Isay 45:19

**48:5** *Noma, "esenziwe ngokuncibilikisiwe." **48:6** *NgesiHebheru, "nikumemezele."

**48:10** *Noma, "Ngikuhlolile." Noma kungaba, "Ngikukhethile." **48:11** *Noma, "Angiyihlanganyeli namuntu inkazimulo yami."

uJehova ingithumile kanye nomoya wayo.

17 Yilokhu uJehova akushoyo, uMhlengi wakho, oNgcwele ka-Israyeli:[a]
"Mina, Jehova, nginguNkulunkulu wakho,
Lowo okufundisayo ukuze uzuze,*[b]
Lowo okuqondisa endleleni okufanele uhambe ngayo.[c]
18 Ukube nje ubuyoyilalela imiyalo yami![d]
Ukuthula kwakho bekuyoba njengomfula[e]
Nokulunga kwakho kube njengamagagasi olwandle ahlale egubha.[f]
19 Inzalo* yakho ibiyoba ningi njengesihlabathi,
Nesizukulwane sakho sibe njengezinhlayiya zaso.[g]
Igama layo belingeke linqunywe noma libhuqwe phambi kwami."
20 Phumani eBhabhiloni![h]
Balekani nisuke kumaKhaledi!
Kumemezeleni ngenjabulo! Kumemezeleni![i]
Yenzani ukuba kwaziwe emikhawulweni yomhlaba.[j]
Thanini: "UJehova uyihlengile inceku yakhe uJakobe.[k]
21 Abomanga lapho ebahola ezindaweni ezibhuqiwe.[l]
Wabangela ukuba kugeleze amanzi edwaleni ukuze baphuze;
Waqhekeza idwala wenza ukuba kugobhoze amanzi."[m]
22 "Akukho ukuthula kwababi," kusho uJehova.[n]

48:17 *Noma, "ukuze usizakale." 48:19 *NgesiHebheru, "Imbewu."

49 Ngilaleleni nina ziqhingi, Nakani, nina zizwe ezikude.[a]
UJehova ungibize ngingakazalwa.*[b]
Ukhulume ngegama lami ngisesesibelethweni sikamama.
2 Wenza umlomo wami waba njengenkemba ebukhali;
Ungifihle ethunzini lesandla sakhe.[c]
Wangenza ngaba umcibisholo ololiwe;
Wangifihla emgodleni wakhe wemicibisholo.
3 Wathi kimi: "Uyinceku yami Israyeli,[d]
Engizobonisa ngayo ubuhle bami."[e]
4 Kodwa ngathi: "Ngikhandlekele ize.
Amandla ami ngiwasebenzisele ize, into engekho.
Impela, Lowo ongahlulelayo nguJehova,*
Nenkokhelo yami# ivela kuNkulunkulu wami."[f]
5 Manje uJehova, Lowo owangibumba kwasesibelethweni njengenceku yakhe,
Uthe mangibuyisele uJakobe kuye,
Ukuze u-Israyeli abuthelwe kuye.[g]
Ngizokhazinyuliswa emehlweni kaJehova,
UNkulunkulu wami uyobe esebe ngamandla ami.
6 Wathi: "Akwanele ukuba ube yinceku yami
Ukuze uvuse izizwe zikaJakobe
Nokuba ubuyise ababelondiwe baka-Israyeli.

49:1 *NgesiHebheru, "ngisesesibelethweni." 49:4 *Noma, "uJehova uyongibonisa ubulungisa." #Noma, "Nomvuzo wami."

ISAHL. 48
a Isay 43:14; Isay 44:6; Isay 54:5
b 1Kh 8:36; Hu 25:8; Isay 54:13; Mik 4:2
c Hu 32:8; Isay 30:20, 21; Isay 49:10
d Dut 5:29; Hu 81:13, 14
e Hu 119:165; Isay 32:18; Isay 66:12
f Amo 5:23, 24
g Gen 22:15, 17; Jer 33:22; Hos 1:10
h Jer 50:8; IsA 18:4
i Isay 49:13
j Jer 50:2
k Jer 31:10, 11
l Eks 15:24, 25; Dut 8:14, 15; Isay 43:19
m Eks 17:5, 6; Num 20:11
n Isay 57:20, 21

Uhla 2

ISAHL. 49
a Isay 55:4
b Isay 44:2; Isay 46:3
c Isay 51:16
d Isay 43:10
e Isay 44:23
f Isay 40:10
g Isay 56:8

Ngikwenze waba ngukukhanya kwezizwe,[a]
Ukuze insindiso yami ifinyelele emaphethelweni omhlaba."[b]

7 Yilokhu uJehova, uMhle-
ngi ka-Israyeli, oNgcwele wa-
khe,[c] akushoyo kulowo odele-
lekile,[d] kulowo onyanywa yisi-
zwe, encekwini yababusi:
"Amakhosi ayobona asukume,
Nezikhulu ziyokhothama
Ngenxa kaJehova, othembekile,[e]
ONgcwele ka-Israyeli, okukhethile."[f]
8 Yilokhu uJehova akushoyo:
"Ngesikhathi sokubonisa kwami umusa* ngakuphendula,[g]
Ngosuku lwensindiso ngakusiza;[h]
Ngaqhubeka ngikulonda ukuze ngikwenze ube yisivumelwano kubantu,[i]
Ukuze ngilakhe kabusha izwe,
Ngibangele ukuba badle amafa abo ayincithakalo,[j]
9 Ukuba ngithi eziboshweni, 'Phumani!'[k]
Nakulabo abasebumnyameni,[l] 'Velani!'
Bazodla ngasezindleleni,
Amadlelo abo ayoba ngasezindleleni ezibhudulekile.*
10 Ngeke balambe noma bome,[m]
Nokushisa okuhangulayo nelanga ngeke kubahlabe.[n]
Ngoba Lowo obahawukelayo uyobahola,[o]
Uyobaholela ngasezimphethwini zamanzi.[p]
11 Ngiyokwenza zonke izintaba zami zibe wumgwaqo,
Imigwaqo yami emikhulu iyophakama.[a]
12 Bheka! Laba bavela kude,[b]
Bheka! laba bavela enyakatho nasentshonalanga,
Laba bona bavela ezweni laseSinimi."[c]
13 Memezani ngenjabulo, nina mazulu, ujabule, wena mhlaba.[d]
Izintaba mazithokoze zimemeze ngenjabulo.[e]
Ngoba uJehova ubaduduzile abantu bakhe,[f]
Ubabonisa isihe abantu bakhe abahluphekile.[g]
14 Kodwa iZiyoni lalilokhu lithi:
"UJehova ungishiyile,[h] uJehova ungikhohliwe."[i]
15 Owesifazane angamkhohlwa yini umntanakhe osancela
Noma angayizweli indodana yesibeletho sakhe?
Ngisho noma laba besifazane bangakhohlwa, mina ngeke ngikukhohlwe.[j]
16 Bheka! Ngikuqophe ezintendeni zezandla zami.
Izindonga zakho zihlale ziphambi kwami.
17 Amadodana akho abuyela emuva ngokushesha.
Labo abakudilizayo nabakubhuqayo bayosuka kuwe.
18 Phakamisa amehlo ubheke nxazonke.
Baqoqana ndawonye.[k]
Beza kuwe.
"Ngizifunga mina,"* kusho uJehova,
"Uyobagqoka bonke njengokungathi ugqoka imihlobiso,

ISAHL. 49
a Isay 42:6 Mat 12:18 Luk 2:30, 32
b Hu 98:2 Isay 11:10 Isay 52:10 IzE 13:47
c Isay 43:14
d Isay 53:3
e Dut 7:9
f Isay 42:1
g Hu 69:13
h Luk 1:69 Luk 22:43 2Ko 6:2 Heb 5:7
i Isay 42:6, 7
j Isay 54:3
k Hu 102:19, 20
l Hu 112:4 Isay 9:2 Luk 1:68, 79
m Isay 55:1 Isay 65:13
n Isay 32:2
o Hez 34:23
p Hu 23:1, 2 Jer 31:9 IsA 7:16, 17

Uhla 2
a Hu 107:6, 7 Isay 11:16 Isay 40:3, 4
b Dut 30:4
c Isay 43:5, 6
d Isay 42:10
e Isay 55:12
f Isay 12:1 Isay 40:1 Isay 66:13
g Isay 44:23 Isay 61:3 Jer 31:13
h Isay 54:7
i IsiL 5:20
j Isay 44:21 Jer 31:20
k Isay 43:5, 6 Isay 60:4

49:8 *Noma, "sokuthakazelelwa."
49:9 *Noma kungaba, "ngasemagqumeni aqothukile."
49:18 *NgesiHebheru, "Kuphila kwami."

Uyobabophela kuwe nje-
ngoba kwenza umakoti.
19 Nakuba izindawo zakho
zazibhuqiwe ziyincithaka-
lo nezwe lakho liyincitha-
kalo,[a]
Manje kuyominyana ka-
khulu kulabo abahlala
khona,[b]
Labo abakugwinya[c] bayoba
kude.[d]
20 Amadodana azalwe ngesi-
khathi sokufelwa kwakho
ayothi,
'Sesiminyene kakhulu kule
ndawo ukuba sihlale
kuyo.
Sivulele indawo ukuze si-
hlale lapha.'[e]
21 Uyothi enhliziyweni yakho,
'Ngubani uyise walaba,
Njengoba ngingowesifaza-
ne ofelwe abantwana no-
yinyumba,
Odingisiwe nothathwe nje-
ngesiboshwa?
Ngubani okhulise laba?[f]
Bheka! Ngangishiywe nge-
dwa,[g]
Pho laba bavelaphi?' "[h]
22 Yilokhu iNkosi EnguMbusi
uJehova ekushoyo:
"Bheka! Ngizophakamisela
isandla sami ezizweni,
Ngizophakamisela izizwe
isibonakaliso* sami.[i]
Ziyoletha amadodana akho
ziwathwele ngezingalo#
zazo
Zithwale amadodakazi
akho emahlombe azo.[j]
23 Amakhosi ayoba ngabana-
kekeli bakho,[k]
Namakhosazana awo abe
ngabancelisi bakho.
Bayokukhothamela ubuso
babo bubheke phansi[l]

49:22 *Noma, "isigxobo esiwuphawu." #NgesiHebheru, "esifubeni."

ISAHL. 49
a Isay 51:3
b Jer 30:18, 19
c Jer 51:34
d Jer 30:16
e Isay 54:1, 2
f Isay 43:5; Jer 31:17
g IsiL 1:1
h Isay 62:4
i Ezr 1:3; Isay 11:10, 12; Isay 62:10
j Isay 60:4; Isay 66:20
k Isay 60:10, 16
l Isay 60:14

Uhla 2
a Mik 7:16, 17
b Isay 25:9
c Jer 29:14; Jer 46:27; Hos 6:11; Jow 3:1
d Isay 52:2; Jer 29:10; Jer 50:34; Zak 9:11
e Isay 54:17
f Hez 39:28
g 1Ti 1:1
h Isay 41:14; Isay 48:20
i Isay 60:16

ISAHL. 50
j Dut 24:1
k 2Kh 17:16, 17
l Isay 59:2; Jer 3:1
m Jer 35:15

Bayokhotha uthuli lwezi-
nyawo zakho,[a]
Uyokwazi ukuthi nginguJe-
hova;
Labo abathembela kimi
ngeke bahlazeke."[b]
24 Labo asebethunjiwe banga-
thathwa yini endodeni
enamandla,
Noma zingakhululwa
yini izithunjwa zikamashi-
qela?
25 Kodwa yilokhu uJehova
akushoyo:
"Ngisho nezithunjwa ze-
ndoda enamandla ziyo-
thathwa,[c]
Nalabo abathunjwe nguma-
shiqela bayokhululwa.[d]
Ngiyolwa nabalwa nawe,[e]
Amadodana akho ngiyowa-
sindisa.
26 Abakuhlukumezayo ngiyo-
benza badle inyama yabo
siqu,
Bayodakwa yigazi labo nje-
ngokungathi badakwe yi-
wayini elimnandi.
Bonke abantu bayokwazi
ukuthi mina, nginguJe-
hova,[f]
UMsindisi wakho[g] noMhle-
ngi wakho,[h]
OnaMandla kaJakobe."[i]

**50** Yilokhu uJehova aku-
shoyo:
"Siphi isitifiketi sedivosi[j] si-
kanyoko, engimlahlile?
Noma, ubani enginithengi-
se kuye kulabo engiba-
kweletayo?
Bhekani! Nathengiswa nge-
nxa yeziphambeko zenu,[k]
Nonyoko waxoshwa ngenxa
yezono zenu.[l]
2 Pho kungani bekungekho
muntu lapha lapho ngi-
fika?
Kungani kungasabelanga
muntu lapho ngibiza?[m]

Ingabe isandla sami sifushane kakhulu ukuba sikhulule,
Noma anginawo yini amandla okukhulula?[a]
Bheka! Ngokukhuza kwami ngomisa ulwandle;[b]
Ngenza imifula ibe ugwadule.[c]
Izinhlanzi zayo ziyabola ngenxa yokungabi khona kwamanzi,
Ziyafa ngenxa yokoma.
3 Ngimbathisa amazulu ngobumnyama,[d]
Ngenze indwangu yesaka ibe yingubo yawo."
4 INkosi EnguMbusi uJehova inginike ulimi lwabafundisiwe,*[e]
Ukuze ngiyazi indlela yokuphendula# okhathele ngezwi elifanele.△[f]
Ingivusa njalo ekuseni;
Ivusa indlebe yami ukuze ilalele njengabafundisiwe.[g]
5 INkosi EnguMbusi uJehova ivule indlebe yami,
Angizange ngidlubulunde.[h]
Angizange ngiphendukele kolunye uhlangothi.[i]
6 Umhlane wami ngawunika abangishayayo,
Nezihlathi zami labo abancothula intshebe.
Ubuso bami angizange ngibufihlele izinto ezilulazayo nokukhafulelwa ngamathe.[j]
7 Kodwa iNkosi EnguMbusi uJehova iyongisiza.[k]
Yingakho ngingeke ngizizwe ngilulazekile.
Yingakho ngimise ubuso bami baba njengetshe eliqinile,[l]
Ngiyazi ukuthi ngeke ngihlazeke.
8 Lowo othi ngilungile useduze.
Ngubani ongangibeka icala?*[a]
Masime ndawonye.#
Ngubani ofuna ukungimangalela?
Makasondele kimi.
9 Bheka! INkosi EnguMbusi uJehova iyongisiza.
Ngubani oyongilahla ngecala?
Bheka! Bonke bayoguga njengengubo.
Bayodliwa yinundu.
10 Ubani phakathi kwenu owesaba uJehova
Olalela izwi lenceku yakhe?[b]
Ubani oye wahamba ebumnyameni obukhulu, kungekho ukukhanya?
Makathembele egameni likaJehova futhi ancike kuNkulunkulu wakhe.
11 "Bhekani! Nina nonke enokhela umlilo,
Enenza kuqhashe izinhlansi,
Hambani ekukhanyeni komlilo wenu,
Phakathi kwezinhlansi enizenze zavutha.
Yilokhu eniyokuthola esandleni sami:
Niyolala phansi ngobuhlungu obukhulu.

51 "Ngilaleleni nina enifuna ukulunga,
Nina enifuna uJehova.
Bhekani idwala enasikwa kulo
Nenkwali enambiwa kuyo.
2 Bhekani u-Abrahama uyihlo
NoSara[c] owanizala.*

---

**50:4** *Noma, "ulimi oluqeqeshwe kahle." #Noma kungaba, "ngikwazi ukuqinisa." △NgesiHebheru, "ngezwi."

**50:8** *Noma, "ongalwa nami." #Noma, "Masibhekane ngqo." **51:2** *Noma, "owanizala ngezinhlungu zokubeletha."

ISAHL. 50
a Isay 40:28; Isay 59:1
b Eks 14:21, 29; Hu 106:9; Isay 51:10
c Hu 107:33; Hu 114:1, 3; Isay 42:15; Nah 1:4
d Eks 10:21
e Eks 4:11; Jer 1:9
f Joh 7:15, 46
g Mat 13:54
h Hu 40:6-8
i Mat 26:39; Flp 2:8
j Mat 26:67; Mar 14:65; Luk 22:63; Joh 18:22
k Isay 49:8
l Hez 3:8, 9

Uhla 2
a Rom 8:33
b Isay 42:1; Isay 53:11

ISAHL. 51
c Gen 21:2

Ngoba wayeyedwa lapho
ngimbiza,[a]
Ngambusisa ngayandisa
inzalo yakhe.[b]
3 UJehova uyoliduduza
iZiyoni.[c]
Uyoziduduza zonke izinda-
wo zalo ezibhuqiwe,[d]
Uyokwenza ihlane lalo libe
njenge-Edene[e]
Nethafa lalo eliwugwadule
libe njengengadi kaJe-
hova.[f]
Intokozo nenjabulo kuyo-
tholakala kulo,
Ukubonga nengoma
emnandi.[g]
4 Nginakeni bantu bami,
Ningilalele sizwe sami.[h]
Ngoba ngiyokhipha umthe-
tho,[i]
Ngimise ubulungisa bami
njengokukhanya ezi-
zweni.[j]
5 Ukulunga kwami kuyaso-
ndela.[k]
Insindiso yami iyophuma,[l]
Ngiyosebenzisa amandla
ami ukuze ngahlulele izi-
zwe.[m]
Iziqhingi ziyothembela
kimi,[n]
Zilindele amandla* ami.
6 Phakamiselani amehlo enu
emazulwini,
Bese nibuka phansi emhla-
beni.
Ngoba amazulu ayonyama-
lala njengentuthu;
Umhlaba uyoguga njenge-
ngubo,
Abahlala kuwo bayofa nje-
ngensensane.*
Kodwa insindiso yami iyoba
khona kuze kube pha-
kade,[o]
Nokulunga kwami ngeke
kuphele.*[a]
7 Ngilaleleni nina enazi uku-
lunga,
Bantu abanomthetho*
wami ezinhliziyweni
zabo.[b]
Ningakwesabi ukuklolode-
lwa abantu,
Ningethuki ngenxa yezi-
nhlamba zabo.
8 Ngoba bayodliwa yinundu*
njengengubo baphele;
Inundu# edla izingubo iyo-
badla njengoboya.[c]
Kodwa ukulunga kwami ku-
yoba khona kuze kube
phakade,
Nensindiso yami ibe kuzo
zonke izizukulwane."[d]
9 Vuka! Vuka! Zembathise
amandla,
Ngalo kaJehova![e]
Vuka njengasezinsukwini
zakudala, njengasezizu-
kulwaneni ezadlula.
Akuwena yini owaphihliza
uRahabi*[f] waba yizicucu,
Owagwaza isilwane esikhu-
lu sasolwandle?[g]
10 Akuwena yini owomisa
ulwandle, amanzi asenda-
weni ejulile?[h]
Owenza ukujula kolwandle
kwaba umgwaqo wokuwe-
la abahlengiwe?[i]
11 Abakhululiwe bakaJehova
bayobuya.[j]
Bayoza eZiyoni bememeza
ngenjabulo,[k]
Intokozo engapheli iyoba
ngumqhele wabo.*[l]
Bayothokoza bajabule,

ISAHL. 51
a Gen 12:1, Gen 15:2
b 1Kh 4:20
c Hu 102:13, Isay 66:13, Jer 31:12
d Isay 44:26, Isay 61:4
e Gen 2:8
f Isay 35:1, Isay 41:18
g Jer 33:10, 11
h Eks 19:6, Dut 7:6
i Isay 2:3, Mik 4:2
j IzA 6:23
k Isay 46:13
l Isay 12:2, Isay 56:1
m 1Sa 2:10, Isay 2:4
n Isay 60:9
o Isay 45:17

Uhla 2
a Hu 102:25-27, Mat 24:35
b Jer 31:33
c Isay 50:9
d Isay 45:17, Luk 1:50
e Luk 1:51
f Hu 87:4, Hu 89:10, Isay 30:7
g Eks 15:4, Neh 9:10, 11, Hu 106:22, Hez 29:3
h Eks 14:21, 22
i Hu 106:9
j Jer 31:11, Zak 10:10
k Isay 35:10
l Isay 61:7

**51:5** *Noma, "ingalo." **51:6** *Isinambuzane esifana nomiyane.

**51:6** *Noma, "kuphihlizwe." **51:7** *Noma, "abanomyalo." **51:8** *Noma, "isinambuzane esidla izingubo." #Noma kungaba, "Isibungu." **51:9** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **51:11** *NgesiHebheru, "iyoba semakhanda abo."

Usizi nokububula
kubaleke.[a]
12 "Mina nginguMduduzi[b]
Kungani kufanele wesabe
umuntu ozokufa[c]
Nendodana yomuntu eyobuna njengotshani obuluhlaza?
13 Kungani ukhohlwa uJehova
uMenzi wakho,[d]
Lowo owelula amazulu[e]
wabeka nesisekelo somhlaba?
Usuku lonke wawulokhu
wesaba ulaka lomcindezeli,*
Njengokungathi wayengakuqothula.
Luphi-ke ulaka lomcindezeli?
14 Lowo oqhothe emaketangeni uzokhululwa maduze;[f]
Ngeke afe, ngeke aye egodini,
Noma aswele ukudla.
15 Kodwa mina nginguJehova
uNkulunkulu wakho,
Onyakazisa ulwandle enze
amagagasi alo ahlokome[g]
—NguJehova wamabutho
igama lakhe.[h]
16 Ngizofaka amazwi ami
emlonyeni wakho,
Ngikumboze ngethunzi lesandla sami,[i]
Ukuze ngitshale amazulu
ngibeke nesisekelo somhlaba[j]
Ngithi kulo iZiyoni, 'Uyisizwe sami.'[k]
17 Phaphama! Phaphama!
Vuka Jerusalema,[l]
Wena ophuze esandleni sikaJehova indebe yakhe
yolaka.
Uyiphuzile indebe;

51:13 *Noma, "lwalowo okucindezelayo."

Uyiminyile indebe ebangela
ukudiyazela.[a]
18 Akukho neyodwa kuwo wonke amadodana alo elawazala ezolihola,
Akukho neyodwa kuwo wonke amadodana elawakhulisa ebambe isandla
salo.
19 Lezi zinto ezimbili zikwehlele.
Ubani ozozwelana nawe?
Ukubhujiswa nokucekelwa
phansi, indlala nenkemba![b]
Ubani ozokududuza?[c]
20 Amadodana akho aqulekile.[d]
Alele kuwo wonke amakhona emigwaqo*
Njengezimvu zasendle enethini.
Ulaka lukaJehova luthululelwe kuwo, ukukhuza kukaNkulunkulu wakho."
21 Ngakho ngicela ulalele lokhu,
Wena wesifazane ohluphekayo nodakiwe, kodwa
ongadakiwe yiwayini.
22 Yilokhu iNkosi yakho uJehova ekushoyo, uNkulunkulu wakho olwela abantu bakhe:
"Bheka! Ngiyoyithatha esandleni sakho indebe ebangela ukudiyazela,[e]
Isitsha sokuphuza, indebe
yolaka lwami;
Ngeke uphinde uyiphuze.[f]
23 Ngizoyibeka esandleni salabo abakuhluphayo,[g]
Labo abathe kuwe, 'Khothama ukuze sihambe
phezu kwakho!'
Ngakho umhlane wakho
wawenza waba njengomhlabathi,

51:20 *NgesiHebheru, "ekuqaleni kwayo yonke imigwaqo."

ISAHL. 51
a Isay 25:8; Isay 65:18, 19
b Isay 49:13; Isay 66:13
c Hu 118:6; Dan 3:16, 17; Mat 10:28
d Isay 44:2
e Isay 40:22
f Ezr 1:2, 3; Isay 48:20; Isay 52:2
g Jer 31:35, 36; Jon 1:4
h Isay 47:4
i Dut 33:27; Hu 91:1
j Isay 65:17; Isay 66:8, 22
k Isay 60:14; Jer 31:33; Zak 8:8
l Isay 52:1; Isay 60:1

Uhla 2
a Jer 25:15
b Hez 14:21
c IsiL 1:17
d IsiL 2:11
e Isay 51:17
f Isay 54:9; Isay 62:8
g Isay 49:25

Njengomgwaqo ukuze ba-
hambe kuwe."

52 Vuka! Vuka! Zigqokise
amandla[a] Ziyoni![b]
Gqoka izingubo zakho ezi-
nhle[c] Jerusalema, dolo-
bha elingcwele!
Ngoba ngeke kuphinde ku-
ngene kuwe ongasokile
nongcolile.[d]
2 O Jerusalema, zithintithe
uthuli, vuka uhlale.
Xegisa izibopho ezisenta-
nyeni yakho, ndodakazi
eyisithunjwa yaseZiyoni.[e]
3 Yilokhu uJehova akushoyo:
"Nathengiswa mahhala,[f]
Niyohlengwa ngaphandle
kwemali."[g]
4 Yilokhu iNkosi EnguMbusi
uJehova ekushoyo:
"Ekuqaleni abantu bami
baya eGibhithe beyohlala
khona njengezifiki;[h]
I-Asiriya labe selibacinde-
zela ngaphandle kwesiza-
thu."
5 "Yini okufanele ngiyenze
lapha?" kusho uJehova.
"Ngoba abantu bami batha-
thwa mahhala.
Labo abababusayo balokhu
bebaklolodelela ngakho,"[i]
kusho uJehova,
"Njalo, usuku lonke, igama
lami liphathwa ngende-
lelo.[j]
6 Ngenxa yalokho abantu
bami bayolazi igama
lami;[k]
Bayokwazi ngalolo suku
ukuthi Yimi okhulumayo.
Bheka Yimi!"
7 Ave zizinhle ezintabeni izi-
nyawo zalowo oletha izi-
ndaba ezinhle,[l]
Lowo omemezela
ukuthula,[m]
Oletha izindaba ezinhle zo-
kuthile okungcono,
Omemezela insindiso,
Lowo othi kulo iZiyoni:
"UNkulunkulu wakho
useyiNkosi!"[a]
8 Lalela! Abalindi bakho ba-
yamemeza.
Bamemeza ngenjabulo ka-
nyekanye,
Ngoba bayobona ngokuca-
cile* lapho uJehova eqo-
qa iZiyoni elibuyisa.
9 Thokozani, memezani nge-
njabulo kanyekanye, nina
manxiwa aseJerusalema,[b]
Ngoba uJehova ubaduduzi-
le abantu bakhe;[c] ulihle-
ngile iJerusalema.[d]
10 UJehova wembule ingalo
yakhe engcwele phambi
kwazo zonke izizwe;[e]
Yonke imikhawulo yomhla-
ba iyoyibona insindiso*
kaNkulunkulu wethu.[f]
11 Sukani, sukani, phumani
lapho,[g] ningathinti lutho
olungcolile![h]
Phumani kulo,[i] zigcineni ni-
hlanzekile,
Nina enithwala izitsha zika-
Jehova.[j]
12 Ngeke niphume nithukile,
Ngeke kudingeke nibaleke,
Ngoba uJehova uyohamba
phambi kwenu,[k]
UNkulunkulu ka-Israyeli
uyoniqapha ngemuva
kwenu.[l]
13 Bheka! Inceku yami[m] iyo-
kwenza ngokuqonda.
Iyophakanyiselwa phezulu,
Iyokhushulwa, iphakanyi-
swe kakhulu.[n]
14 Njengoba babebaningi aba-
yigqolozela bemangele
—Ngoba yonakaliswa nga-
phezu kwanoma yimuphi
umuntu
Nobuhle bayo bonakaliswa

---

52:8 *Noma, "ngaso linye." 52:10 *Noma, "iyobona ukunqoba."

ISAHL. 52
a Hag 2:4
b Isay 51:17
c Isay 61:3
d Isay 35:8 Isay 60:21 IsA 21:27
e Isay 51:14 Isay 61:1
f Isay 50:1
g Isay 45:13
h Gen 46:5-7
i Hu 137:3 Jer 50:17
j Hu 74:10 Rom 2:24
k Hez 20:44
l Isay 40:9 Nah 1:15 IzE 8:4 Rom 10:15 Efe 6:14, 15
m Luk 2:14 IzE 10:36 Efe 2:17

Uhla 2
a Hu 93:1 Isay 33:22 Mik 4:7 Mat 24:14 IsA 11:15, 17
b Isay 61:4
c Isay 66:13
d Isay 44:23
e Isay 51:9
f Hu 22:27 Isay 49:6
g Isay 48:20 Jer 50:8 Jer 51:6 Zak 2:6
h Lev 5:2 Hez 44:23
i 2Ko 6:17 IsA 18:4
j Lev 10:3 Num 3:6, 8 Ezr 1:7 Ezr 8:30
k Eks 13:21 1Kr 14:15
l Isay 58:8
m Isay 42:1 Isay 61:1 Flp 2:5-7
n Hu 2:6 Hu 110:1 Isay 9:6 Mat 28:18

ngaphezu kobuhle babantu—
15 Nayo iyokwethusa izizwe eziningi.[a]
Amakhosi ayophelelwa amazwi* lapho eyibona,[b]
Ngoba ayobona ayengakutshelwanga
Acabange ngalokho ayengakuzwanga.[c]

53 Ubani obe nokholo entweni ayizwe ngathi?*[d]
Ingalo kaJehova[e] yambulelwe bani?[f]
2 Inceku iyovela njengehlumela[g] phambi kwakhe,*
nanjengempande ezweni elingenamanzi.
Ayinaso isithunzi futhi ayikhazimuli;[h]
Indlela ebukeka ngayo ayisenzi sisondele kuyo uma siyibona.#
3 Wadelelwa wagwenywa ngabantu,[i]
Umuntu okwakumele ezwe* ubuhlungu, owayejwayelene nokugula.
Kwakunjengokungathi ubuso bakhe babufihliwe kithi.#
Wadelelwa, futhi sambheka njengongento yalutho.[j]
4 Ngempela yena wathwala ukugula kwethu,[k]
Nezinhlungu zethu.[l]
Kodwa sambheka njengoshaywe ngenhlupho, oshaywe uNkulunkulu nohlushwayo.
5 Wahlatshwa[a] ngenxa yesiphambeko sethu;[b]
Wahlukunyezwa kakhulu ngenxa yezono zethu.[c]
Wathwala isijeziso ukuze sibe nokuthula,[d]
Ngenxa yamanxeba akhe selashwa.[e]
6 Sonke siye sanhlanhlatha njengezimvu,[f]
Ngamunye wahamba endleleni yakhe,
UJehova ubangele ukuba athwale sonke isono sethu.[g]
7 Wacindezelwa,[h] wavuma ukuba ahlushwe,[i]
Kodwa wayengawuvuli umlomo wakhe.
Walethwa njengemvu izohlatshwa,[j]
Njengemvu ethule phambi kwabagundi bayo,
Wayengathi vu ngomlomo wakhe.[k]
8 Ngenxa yokucindezelwa* nokwahlulelwa, ukuphila kwakhe kwasuswa;#
Ubani oyozikhathaza ngemininingwane yesizukulwane sakhe?△
Ngoba wanqunywa ezweni lababaphilayo;[l]
Wathola umvimbo⊠ ngenxa yesono sabantu bakithi.[m]
9 Ingcwaba lakhe lalabelwe ukuba libe* kanye nababi,[n]
Wangcwatshwa kanye nezicebi,[o]
Nakuba ayengenzanga lutho olubi#
Kungekho nkohliso emlonyeni wakhe.[p]

52:15 *Noma, "ayovala imilomo." 53:1 *Noma kungaba, "esiyizwile?" 53:2 *Igama elithi "kwakhe" lingabhekisela kumuntu obukayo noma kuNkulunkulu. #Noma, "Ayinakho ukubonakala okukhethekile okungasenza siyifise." 53:3 *Noma, "owayebuqonda." #Noma kungaba, "Wayenjengomuntu abantu ababemfihlela ubuso babo."

53:8 *Noma, "yokuvinjelwa." #Ngesi-Hebheru, "wasuswa." △Noma, "yendlela yakhe yokuphila." ⊠Noma, "Wabulawa." 53:9 *Noma, "Othile uyonikela ngendawo yakhe yokungcwaba." #Noma, "budlova."

ISAHL. 52
a Hu 2:2
b Hu 2:10; Hu 72:11
c Rom 15:20, 21

ISAHL. 53
d Rom 10:16
e Isay 51:9
f Isay 40:5; Joh 12:37, 38
g Isay 11:1; Zak 6:12
h Isay 52:14; Joh 1:10; Flp 2:7
i Hu 22:7; Mat 26:67, 68; Joh 6:66; 1Pe 2:4
j Zak 11:13; Joh 18:39, 40; IzE 3:13, 14; IzE 4:11
k Mat 8:14-17
l Lev 16:21, 22; 1Pe 2:24; 1Jo 2:1, 2

Uhla 2
a Zak 12:10; Joh 19:34
b Dan 9:24; Rom 4:25
c Mat 20:28; Rom 5:6, 19
d Kol 1:19, 20
e 1Pe 2:24
f 1Pe 2:25
g 1Pe 3:18
h Hu 22:12; Hu 69:4
i 1Pe 2:23
j Joh 1:29; 1Ko 5:7
k Mat 27:12-14; IzE 8:32, 33
l Dan 9:26; Mat 27:50
m Zak 13:7; Joh 11:49, 50; Rom 5:6; Heb 9:26
n Mat 27:38
o Mat 27:57-60; Mar 15:46; Joh 19:41
p 1Pe 2:22

10 Kodwa kwakuyintando
kaJehova ukuba* ahluku-
nyezwe, wamyeka wagula.
Uma uyonikela ukuphila
kwakhe njengomnikelo
wecala,[a]
Uyobona inzalo# yakhe,
andise izinsuku zakhe,[b]
Ngaye intando kaJehova
iyogcwaliseka.△[c]
11 Ngenxa yosizi analo, uyobo-
na aneliseke.
Ngolwazi lwakhe olungile,
inceku yami,[d]
Uyoholela abantu abaningi
ekulungeni[e]
Athwale nezono zabo.[f]
12 Ngaleso sizathu ngizo-
mabela isabelo phakathi
kwabaningi,
Uyohlukanisa impango na-
banamandla,
Ngenxa yokuthi wathulula
ukuphila kwakhe ngisho
nasekufeni[g]
Wabalwa kanye nezeqam-
thetho;[h]
Wathwala isono sabantu
abaningi,[i]
Walamulela izeqamthetho.[j]

54 "Memeza ngenjabulo,
wena wesifazane oyi-
nyumba![k]
Thokoza umemeze ngenja-
bulo,[l] wena ongakaze uzi-
zwe izinhlungu zokubele-
tha,[m]
Ngoba abantwana* bowe-
sifazane olahliwe baningi
kakhulu
Kunabantwana bonomye-
ni,"[n] kusho uJehova.
2 "Yenza indawo yetende la-
kho ibe banzi.[o]
Yelula izindwangu zetende
zetabernakele lakho eli-
khulu.
Ungazigodli, yelula izinta-
mbo zetende lakho,
Qinisa izikhonkwane zete-
nde lakho.[a]
3 Ngoba uyosabalala nga-
kwesokudla nangakweso-
bunxele.
Inzalo yakho iyodla ifa lezi-
zwe,
Iyohlala emadolobheni ayi-
ncithakalo.[b]
4 Ungesabi[c] ngoba ngeke
uhlazeke;[d]
Ungazizwa ululazekile,
ngoba ngeke udumazeke.
Uyolikhohlwa ihlazo lesi-
khathi sobusha bakho,
Nehlazo lobufelokazi bakho
ngeke usalikhumbula."
5 "Ngoba uMenzi[e] wakho Om-
khulu unjengomyeni wa-
kho,[f]
NguJehova wamabutho iga-
ma lakhe,
ONgcwele ka-Israyeli
unguMhlengi wakho.[g]
Uyobizwa ngokuthi uNkulu-
nkulu wawo wonke um-
hlaba.[h]
6 UJehova wakubiza njengo-
kungathi ubuyinkosikazi
elahliwe nesosizini,*[i]
Njengenkosikazi eyashada
isencane ngemva kwalo-
kho yaliwa," kusho uNku-
lunkulu wakho.
7 "Ngakushiya umzuzwana,
Kodwa ngizokubuyisa nge-
sihe esikhulu.[j]
8 Ngentukuthelo enkulu nga-
kufihlela ubuso bami
umzuzwana,[k]
Kodwa ngothando oluqotho
oluhlala njalo, ngizoba
nesihe kuwe,"[l] kusho

ISAHL. 53
a Lev 16:11; 2Ko 5:21; Heb 7:27
b Isay 9:7; 1Ti 6:16
c Kol 1:19, 20
d Isay 42:1
e Rom 5:18, 19
f 1Pe 2:24
g Hu 22:14; Mat 26:27, 28; Heb 2:14
h Mar 15:27; Luk 22:37; Luk 23:32, 33
i Mat 20:28; 1Ti 2:5, 6; Tit 2:13, 14; Heb 9:28
j Rom 8:34; Heb 7:25; Heb 9:26; 1Jo 2:1, 2

ISAHL. 54
k Isay 62:4
l Isay 44:23; Isay 49:13
m Isay 66:7, 8
n Gal 4:26, 27
o Isay 49:20

Uhla 2
a Isay 33:20
b Isay 49:8; Hez 36:35
c Isay 41:10
d Isay 61:7
e Isay 44:2
f Hez 16:8; Hos 2:16
g Isay 44:6
h Zak 14:9; Rom 3:29
i Isay 49:14; Isay 62:4
j Dut 30:1, 3; Hu 30:5; Hu 106:47; Isay 27:12; Jer 29:10
k Isay 47:6; Hez 39:23
l Isay 55:3

**53:10** *Noma, "Kodwa uJehova wajabula ngokuba." #NgesiHebheru, "imbewu." △Noma, "injabulo kaJehova iyophumelela." **54:1** *Noma, "amadodana."

**54:6** *NgesiHebheru, "nezwiswe ubuhlungu emoyeni."

uMhlengi wakho,[a] uJehova.
9 “Lokhu kunjengasezinsukwini zikaNowa kimi.[b]
Njengoba ngafunga ukuthi amanzi kaNowa ngeke esawumboza umhlaba,[c]
Kanjalo ngiyafunga ukuthi ngeke ngisakuthukuthelela noma ngikusole.[d]
10 Izintaba zingasuswa
Namagquma angazanyazanyiswa,
Kodwa uthando lwami oluqotho ngeke lususwe kuwe,[e]
Nesivumelwano sami sokuthula ngeke sinyakaziswe,”[f] kusho uJehova,
Lowo okubonisa isihe.[g]
11 “O wena wesifazane ohluphekayo,[h] ohlukunyeziwe nongaduduzwa,[i]
Ngibeka amatshe akho ngodaka
Nesisekelo sakho ngamasafire.[j]
12 Ngiyokwenza imibhoshongo yakho ngamarubi,
Amasango akho ngamatshe abenyezelayo,*
Nayo yonke imingcele yakho ngamatshe ayigugu.
13 Bonke abantwana* bakho bayofundiswa uJehova,[k]
Nokuthula kwabantwana# bakho kuyochichima.[l]
14 Uyomiswa uqine ngokulunga.[m]
Uyoba kude nokucindezelwa,[n]
Ngeke wesabe noma wethuswe yilutho,
Ngoba ngeke kusondele kuwe.[o]
15 Uma kwenzeka kuba khona okuhlaselayo,
Uyobe engayalwanga yimi.
Noma ubani okuhlaselayo uyomnqoba.”[a]
16 “Bheka! Mina ngidale ingcweti,
Evuthela umlilo wamalahle,
Umsebenzi wayo uwukwakha isikhali.
Mina uqobo ngidale nomuntu oqothulayo ukuze acekele phansi.[b]
17 Asikho isikhali esenzelwe ukulwa nawe esiyoke siphumelele,[c]
Uyolahla noma yiluphi ulimi olukumangalelayo.
Leli yifa lezinceku zikaJehova,
Ukulunga kwazo kuvela kimi,” kusho uJehova.[d]

55 Wozani nina nonke enomile,[e] wozani nizokha amanzi![f]
Nina eningenamali, wozani nithathe* nidle!
Yebo, wozani nithathe iwayini nobisi[g] ngaphandle kwemali nangaphandle kwentengo.[h]
2 Kungani niqhubeka nikhokha imali ngalokho okungesona isinkwa,
Kungani nichitha imali yenu* entweni enganelisi?
Ngilalelisiseni, nidle okuhle,[i]
Niyothola injabulo enkulu kulokho okucebe ngempela.#[j]
3 Lalelani nize kimi.[k]
Lalelani, nizoqhubeka niphila,
Ngizokwenza nani ngokushesha isivumelwano esihlala njalo[l]

ISAHL. 54
a Isay 48:17 Isay 49:26
b Gen 7:23
c Gen 8:21
d Jer 31:35, 36 Hez 39:29
e Isay 51:6
f Isay 55:3
g Isay 14:1
h Isay 52:2
i IsiL 1:2, 17
j IsA 21:19
k Jer 31:34 Joh 6:45
l Hu 119:165 Isay 66:12 Jer 33:6
m Isay 1:26 Isay 60:21
n Isay 52:1
o Jer 23:4 Zef 3:13

Uhla 2
a Hez 38:16, 22 Zak 2:8 Zak 12:3
b Isay 10:5
c Hu 2:2, 4 Isay 41:12
d Jer 23:6

ISAHL. 55
e Hu 42:2 Hu 63:1 Amo 8:11 Mat 5:6
f Isay 41:17
g Jow 3:18
h IsA 21:6 IsA 22:17
i Isay 25:6
j Hu 36:7, 8 Hu 63:5
k Jak 4:8
l Isay 61:8

54:12 *Noma, “ngawamatshe omlilo.” 54:13 *Noma, “Wonke amadodana.” #Noma, “kwamadodana.”

55:1 *NgesiHebheru, “nithenge.” 55:2 *Noma, “yenu eniyisebenzele kanzima.” #NgesiHebheru, “enkulu ngokukhuluphala.”

Ngokuvumelana nothando
oluqotho engaluthembisa
uDavide, lesi sithembiso
siqinisekile.[a]
4 Bheka! Ngimenze ufakazi[b]
ezizweni,
Umholi[c] nombusi[d] ezizweni.
5 Bheka! Uyobiza isizwe
ongasazi,
Nalabo besizwe abanga-
kwazi bayogijimela kuwe
Ngenxa kaJehova uNkulu-
nkulu wakho,[e] oNgcwele
ka-Israyeli,
Ngoba uyokukhazimulisa.[f]
6 Funani uJehova esathola-
kala.[g]
Mbizeni eseseduze.[h]
7 Umuntu omubi makashiye
indlela yakhe,[i]
Nomuntu ongalungile imi-
cabango yakhe;
Makabuyele kuJehova, oyo-
ba nesihe kuye,[j]
KuNkulunkulu wethu ngo-
ba uyomthethelela nge-
ndlela enkulu.*[k]
8 "Ngoba imicabango yami
akuyona imicabango
yenu,[l]
Nezindlela zenu akuzona
izindlela zami," kusho
uJehova.
9 "Njengoba nje amazulu
ephakeme kunomhlaba,
Kanjalo izindlela zami zi-
phakeme kunezindlela
zenu,
Nemicabango yami ipha-
keme kunemicabango
yenu.[m]
10 Njengoba nje imvula ne-
qhwa kwehla kuvela ezu-
lwini
Kungabuyeli lapho kunga-
zange kuwumatise umhla-
ba kuwenze ukhiqize fu-
thi uhlume,
Otshalayo athole imbewu,
nodlayo isinkwa,
11 Liyoba njalo nezwi eliphu-
ma emlonyeni wami.[a]
Ngeke libuyele kimi lingafe-
zanga lutho,[b]
Kodwa nakanjani liyofeza
noma yini eyintando
yami,*[c]
Nakanjani liyophumelela
kulokho engilithumele
kona.
12 Ngoba niyophuma ngokuja-
bula,[d]
Nibuye ngokuthula.[e]
Izintaba namagquma ku-
yokwenama phambi kwe-
nu ngokumemeza kwenja-
bulo,[f]
Zonke izihlahla zasendle zi-
yoshaya ihlombe.[g]
13 Esikhundleni sezihlahla za-
meva kuyomila izihlahla
zomjunipha,[h]
Esikhundleni sembabazane
kuyomila umbomvana.
Kuyonika uJehova
udumo,*[i]
Isibonakaliso saphakade
esingasoze sashabalala."

56 Yilokhu uJehova aku-
shoyo:
"Gcinani ubulungisa[j] nenze
okulungile,
Ngoba insindiso yami izofi-
ka maduze
Nokulunga kwami kuyo-
kwambulwa.[k]
2 Uyajabula umuntu okwe-
nzayo lokhu
Indodana yomuntu ekuba-
mba ikuqinise,
Ogcina iSabatha angali-
ngcolisi[l]
Onqanda isandla sakhe
ukuze angakwenzi nhlobo
okubi.

55:7 *Noma, "uyomthethelela ngokukhululekile."

55:11 *Noma, "engiyijabulelayo."
55:13 *Noma, "Kuyomenzela igama uJehova."

ISAHL. 55
a 2Sa 7:8, 16
2Sa 23:5
Hu 89:28, 29
Jer 33:25, 26
IzE 13:34
b IsA 1:5
IsA 3:14
c Dan 9:25
Mat 23:10
d Gen 49:10
e Zak 8:23
f Isay 49:3
Isay 60:9
g 1Kr 28:9
h Hu 145:18
Jak 4:8
i Hez 18:21
IzE 3:19
j Eks 34:6
2Kr 33:12, 13
k Num 14:18
Hu 103:12, 13
Isay 43:25
l Hu 40:5
m Hu 103:11

Uhla 2
a Num 23:19
Isay 46:11
b Jos 23:14
Isay 45:23
c Hu 135:6
Isay 46:10
d Isay 35:10
e Isay 54:13
Isay 66:12
f Isay 42:11
g Isay 44:23
h Isay 41:19
Isay 60:13
i Jer 33:9

ISAHL. 56
j Mik 6:8
k Isay 46:13
Isay 51:5
l Isay 58:13, 14

3 Owesinye isizwe okhonza uJehova[a] makangasho ukuthi,
‘Nakanjani uJehova uzongihlukanisa nabantu bakhe.’
Nomthenwa makangasho ukuthi, ‘Bheka! Ngiyisihlahla esomile.’”

4 Ngoba yilokhu uJehova akushoyo kubathenwa abagcina amasabatha ami, abakhetha lokho okungijabulisayo futhi ababamba isivumelwano sami basiqinise:

5 “Ngiyobanika endlini yami nangaphakathi kwezindonga zami isikhumbuzo negama,
Okuthile okungcono kunamadodana namadodakazi.
Ngiyobanika igama elihlala kuze kube phakade,
Igama elingeke lishabalale.
6 Abezinye izizwe abazihlanganise noJehova ukuze bamkhonze,
Ukuze bathande igama likaJehova[b]
Ukuze babe yizinceku zakhe,
Bonke labo abagcina iSabatha bangalingcolisi
Abanamathela esivumelwaneni sami,
7 Nabo ngiyobaletha entabeni yami engcwele[c]
Ngibenze bajabule endlini yami yomthandazo.
Iminikelo yabo eshiswa ngokuphelele nemihlatshelo yabo iyokwamukeleka e-altare lami.
Ngoba indlu yami iyobizwa ngokuthi yindlu yomthandazo yazo zonke izizwe.”[d]

8 INkosi EnguMbusi uJehova, eqoqela ndawonye abahlakazekile bakwa-Israyeli,[e] ithi:

“Ngizoqoqela ndawonye kuye nabanye ngaphandle kwalaba asebeqoqiwe.”[a]
9 Nina nonke zilwane zasendle, wozani nizodla,
Nonke nina zilwane zasendle enisehlathini.[b]
10 Abalindi bakhe bayizimpumputhe,[c] akekho kubo onakile.[d]
Bonke bayizinja eziyizimungulu, ezingakwazi ukukhonkotha.[e]
Ziyahefuzela zilale phansi; zithanda ukulala.
11 Bayizinja ezingamagovu;*
Abaneliseki nhlobo.
Bangabelusi abangaqondi.[f]
Bonke bahambe ngendlela yabo;
Yilowo nalowo uzifunela inzuzo ngokukhwabanisa, athi:
12 “Wozani, awuthi ngithathe iwayini,
Masiphuze utshwala sizidelise.[g]
Kusasa kuzoba njenganamuhla, kodwa kuzoba mnandi nakakhulu!”

57 Olungile ushabalele,
Kodwa akekho onakile.
Abantu abaqotho basusiwe,*[h]
Kungekho muntu oqondayo ukuthi olungile ususiwe
Ngenxa yenhlekelele.
2 Ungena ekuthuleni.
Baphumula emibhedeni* yabo, bonke abahamba ngobuqotho.
3 “Kodwa sondelani lapha,
Nina madodana owesifazane oyisangoma,
Nina bantwana besiphingi nesifebe:

ISAHL. 56
a Isay 60:10 Zak 8:23
b Mal 1:11
c Isay 2:3 Mik 4:2 Zak 8:3
d 1Kh 8:29, 43 Mat 21:13 Mar 11:17 Luk 19:46
e Dut 30:3 Isay 27:12 Hos 1:11

Uhla 2
a Isay 49:22 Isay 60:4
b Jer 12:9
c Isay 6:10 Isay 29:10
d Jer 6:13, 14 Hez 13:16
e Hez 33:6
f Mik 3:6
g Isay 5:22 Isay 28:7 Hos 4:11

ISAHL. 57
h Mik 7:2

56:11 *Noma, “ezinomphefumulo onamandla.” 57:1 *Okuwukuthi, bayafa. 57:2 *Okuwukuthi, ethuneni.

4 Ngubani lona enihlekisa
ngaye?
Ngubani lona enimvulela
umlomo kakhulu, nimkhiphele ulimi?
Anibona yini abantwana
besiphambeko,
Abantwana benkohliso,[a]
5 Labo abavukwa inkanuko
phakathi kwezihlahla ezinkulu,[b]
Ngaphansi kwazo zonke izihlahla eziluhlaza,[c]
Ababulala abantwana ezigodini*[d]
Ngaphansi kwemifantu yamadwala?
6 Amatshe abushelelezi
asesigodini* ayisabelo sakho.[e]
Yebo, ayinkatho yakho.
Uthululela umnikelo ophuzwayo, unikele nezipho
kuwo.[f]
Kufanele nganeliseke yini#
ngalezi zinto?
7 Walungisa umbhede wakho
entabeni ende nephakeme,[g]
Wanyukela kuyo ukuze unikele umhlatshelo.[h]
8 Wamisa isikhumbuzo sakho
ngemva kwesicabha nensika yomnyango.
Wangishiya wakhumula izingubo zakho;
Wakhwela embhedeni wakho wawenza waba banzi.
Wenza isivumelwano nabo.
Wawukuthanda ukulala
nabo embhedeni,[i]
Wabuka isitho sowesilisa.*
9 Waya kuMeleki* uphethe
amafutha
Uphethe nenqwaba yeziqholo ezinamakha.
Wathumela izithunywa zakho kude,
Waze wehlela eThuneni.*
10 Wakhandleka ngokulandela
izindlela zakho eziningi.
Kodwa awuzange uthi,
'Akusizi!'
Amandla akho avuselelwa.
Yingakho ungaliphonsi
ithawula.*
11 Ubani lona owayekwethusa
futhi umesaba
Waze waqala ukuqamba
amanga?[a]
Awuzange ungikhumbule.[b]
Awufakanga lutho enhliziyweni.[c]
Angizange yini ngizithulele
ngihoxe?*[d]
Ngakho awuzange ungesabe.
12 Ngizokwenza 'ukulunga'[e]
kwakho nemisebenzi[f] yakho kwaziwe,
Kodwa ngeke kukusize.[g]
13 Izithixo oziqoqile ngeke zikukhulule,[h]
Lapho ukhala ucela usizo.
Zonke ziyohamba nomoya,
Umoya okhishwa ngamakhala uyoziphephula,
Kodwa lowo ophephela
kimi uyothola izwe njengefa
Uyothatha intaba yami
engcwele ibe yifa lakhe.[i]
14 Kuyothiwa, 'Yakhani, yakhani umgwaqo! Lungisani indlela![j]
Susani noma isiphi isikhubekiso endleleni yabantu
bami.'"

ISAHL. 57
a Isay 1:4; Isay 30:9
b Isay 1:29
c Dut 12:2; 1Kh 14:22, 23
d 2Kh 16:1, 3; Jer 7:31
e Jer 3:9
f Jer 7:18
g Jer 2:20; Hez 16:16; Hez 23:17
h Hez 20:28
i Hez 16:25, 33; Hez 23:18

Uhla 2
a Isay 30:9, 10; Isay 59:3
b Isay 1:3; Jer 2:32; Jer 9:3
c Isay 42:24, 25
d Hu 50:21
e Isay 58:2
f Isay 66:3
g Jer 7:4; Mik 3:4
h Hlu 10:14; Isay 42:17
i Isay 56:6, 7; Isay 66:20; Hez 20:40; Jow 3:17
j Isay 35:8; Isay 40:3; Isay 62:10

**57:5** *Noma, "emihosheni." **57:6** *Noma, "asemhosheni." #Noma, "Kufanele yini ngiziduduze." **57:8** *Cishe kushiwo ukukhonza izithombe. **57:9** *Noma kungaba, "enkosini."

**57:9** *Noma, "eShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **57:10** *NgesiHebheru, "ungakhathali." **57:11** *Noma, "ngifihle izindaba."

**15** Yilokhu Lowo oPhakeme
futhi Omkhulu akushoyo,
Ohlala kuze kube phakade[a]
ogama lakhe lingcwele:[b]
"Ngihlala endaweni epha-
keme nengcwele,[c]
Kodwa futhi ngihlala na-
lowo ocindezelekile noda-
ngele,*
Ukuze ngivuselele odangele
Ngivuselele nenhliziyo ya-
bacindezelekile.[d]
**16** Ngoba ngeke ngilwe nabo
kuze kube phakade
Noma ngihlale ngithuku-
thele;[e]
Ngoba umoya womuntu
ungaba buthaka ngenxa
yami,[f]
Ngisho nowezidalwa ezi-
phefumulayo engizenzile.
**17** Ngangithukuthele ngenxa
yesono sakhe sokufuna
inzuzo ngenkohlakalo,[g]
Ngakho ngamshaya, ngafi-
hla ubuso bami futhi nga-
ngithukuthele.
Kodwa waqhubeka ehamba
njengesihlubuki,[h] elande-
la inhliziyo yakhe.
**18** Ngizibonile izindlela zakhe,
Kodwa ngizomelapha[i] ngi-
mhole[j]
Ngiphinde ngimduduze*[k]
kanye nabalilayo bakhe."[l]
**19** "Ngidala isithelo sezindebe.
Ukuthula okuqhubekayo
kuyonikwa lowo okude
nalowo oseduze,"[m] kusho
uJehova,
"Ngiyomelapha."
**20** "Kodwa ababi banjengo-
lwandle olunyakaza lu-
ngazoli,
Amanzi alo alokhu
ekhipha izimila zasolwa-
ndle nodaka.

ISAHL. 57
*a* Gen 21:33 Hu 90:2 Isay 40:28 1Ti 1:17
*b* Eks 15:11 Luk 1:46, 49
*c* 1Kh 8:27
*d* Hu 34:18 Hu 147:3 Isay 61:1 Isay 66:2
*e* Hu 103:9 Mik 7:18
*f* Job 34:14, 15
*g* Jer 6:13 Jer 8:10
*h* Jer 3:14
*i* Jer 33:6 Hos 14:4
*j* Isay 49:10
*k* Isay 12:1
*l* Isay 61:2 IsiL 1:4
*m* Isay 48:18 Efe 2:17

Uhla 2
*a* IzA 13:9 Isay 3:11

ISAHL. 58
*b* Isay 1:2 Isay 31:6 Isay 59:13
*c* Isay 29:13 Hez 33:32
*d* Isay 1:14, 15
*e* Mal 3:14
*f* Lev 16:29
*g* Jer 34:15, 16 Mik 3:2-4

**21** Ababi[a] abanakho ukuthu-
la," kusho uNkulunkulu
wami.

**58** "Memeza ngalo lonke
iphimbo; ungaligodli!
Memeza njengophondo.
Tshela abantu bami ngoku-
vukela kwabo,[b]
Indlu kaJakobe ngezono
zayo.
**2** Bangifuna usuku nosuku,
Babonisa ukujabula ngo-
kwazi izindlela zami,
Njengokungathi bayisizwe
esenza okulungile
Esingazange sibushiye ubu-
lungisa bukaNkulunkulu
waso.[c]
Sicela ngahlulele ngokulu-
nga,
Siyakujabulela ukusondela
kuNkulunkulu:[d]
**3** 'Kungani ungaboni lapho
sizila ukudla?[e]
Kungani ungaqapheli lapho
sizihlupha?'[f]
Kungenxa yokuthi ngosuku
lokuzila kwenu ukudla na-
nenza enikuthandayo,*
Nicindezela izisebenzi
zenu.[g]
**4** Ukuzila kwenu ukudla
kuphetha ngezingxabano
nangokulwa,
Nishaya ngenqindi yobubi.
Ngeke nizile ukudla nge-
ndlela enenza ngayo na-
muhla bese izwi lenu li-
zwakale ezulwini.
**5** Ukuzila ukudla engikukhe-
thayo kufanele kube nje-
na yini,
Kube usuku lokuba umuntu
azihluphe,
Agobise ikhanda lakhe nje-
ngekhwane,
Endlale umbhede wakhe
ngendwangu yesaka na-
ngomlotha?

**57:15** * NgesiHebheru, "nonomoya othobekile." **57:18** * Noma, "Ngimnxephezele ngokumduduza."

**58:3** * Noma, "okunijabulisayo."

Yikho yini lokhu enikubiza ngokuthi ukuzila ukudla nosuku olujabulisayo kuJehova?
6 Cha, yilokhu ukuzila ukudla engikukhethayo:
Ukuba nikhiphe ozankosi bobubi,
Niqaqe izintambo zejoka,[a]
Nikhulule abagqilaziwe,[b]
Niphule wonke amajoka;
7 Ukuba uhlephulele olambile isinkwa sakho,[c]
Ungenise ohluphekile nongenakhaya endlini yakho,
Ukuba ugqokise umuntu ohlubule[d] lapho umbona,
Nokuba ungazifulatheli izihlobo zakho.
8 Khona-ke, ukukhanya kwakho kuyokhanya njengokuntwela kokusa,[e]
Uyolulama ngokushesha.
Ukulunga kwakho kuyohamba phambi kwakho,
Nenkazimulo kaJehova iyokuqapha ngemva kwakho.[f]
9 Khona-ke uyobiza, uJehova aphendule;
Uyocela usizo, yena athi, 'Ngilapha!'
Uma ususa ijoka phakathi kwakho
Uyeka ukukhomba ngomunwe nokukhuluma okubi,[g]
10 Uma unika olambile lokho nawe okufisayo[h]
Wanelise abahluphekile,
Khona-ke ukukhanya kwakho kuyokhanya ngisho nasebumnyameni,
Nokuhlwa kwakho kube njengemini.[i]
11 UJehova uyokuhola njalo
Akwanelise ngisho nasezweni elomile;[j]
Uyovuselela amathambo akho,
Wena uyoba njengengadi eniselwa kahle,[a]
Njengomthombo wamanzi, onamanzi angashi.
12 Ngenxa yakho bayokwakha kabusha izindawo zakudala eziyincithakalo,[b]
Uyovuselela izisekelo zezizukulwane ezidlule.[c]
Uyobizwa ngokuthi umlungisi wezindonga ezidilikile,*[d]
Umlungisi wemigwaqo okuyohlalwa ngakuyo.
13 Uma ngenxa yeSabatha ugwema* ukwenza okuthandwa nguwe# ngosuku lwami olungcwele[e]
Ubize iSabatha ngokuthi liyinjabulo enkulu, usuku olungcwele lukaJehova, usuku okufanele lukhazinyuliswe,[f]
Ukhazimulisa lona kunokuba wenze okuthandwa nguwe futhi ukhuluma amazwi angathi shu,
14 Khona-ke uyothola injabulo enkulu kuJehova,
Ngiyokwenza ugibele ezindaweni eziphakeme zomhlaba.[g]
Ngiyokwenza ukuba udle efeni likaJakobe ukhokho wakho,[h]
Ngoba umlomo kaJehova ukhulumile."

## 59

Bheka! Isandla sikaJehova asisifushane ukuba singehluleka ukusindisa,[i]
Nendlebe yakhe ayithuntubezekile* ukuba ingehluleka ukuzwa.[j]
2 Cha, iziphambeko zenu

**58:12** *NgesiHebheru, "ezinezikhala." **58:13** *NgesiHebheru, "ubuyisa unyawo lwakho." #Noma, "ukwenza okukujabulisayo." **59:1** *NgesiHebheru, "ayisindi."

ISAHL. 58
a Jer 34:8, 9
b IzA 28:27
c Hu 41:1; Hu 112:9; IzA 19:17; IzA 22:9
d Hez 18:7, 8; Jak 2:15, 16; 1Jo 3:17
e IzA 4:18
f Eks 14:19; Isay 52:12
g Isay 32:6; Isay 59:3
h Dut 15:7, 8
i Hu 37:5, 6
j Isay 49:10

Uhla 2
a Isay 61:11; Jer 31:12
b Neh 2:5; Jer 31:38
c Isay 61:4
d Neh 6:1; Amo 9:11, 14
e Neh 13:15; Isay 56:2; Jer 17:21
f Dut 5:12-14
g Dut 32:13
h Hu 105:10, 11; Jer 3:18

ISAHL. 59
i Num 11:23; Isay 50:2
j Hu 116:1

zinihlukanisile noNkulu-
nkulu wenu.[a]
Izono zenu zimenze wanifi-
hlela ubuso bakhe,
Uyenqaba ukunilalela.[b]
3 Ngoba izintende zezandla
zenu zingcoliswe yigazi[c]
Neminwe yenu yisipha-
mbeko.
Izindebe zenu zikhuluma
amanga,[d] nolimi lwenu lu-
vungazela ukungalungi.
4 Akekho omemezayo efuna
ukulunga,[e]
Akekho oya enkantolo ngo-
kwethembeka.
Bathembela entweni enge-
kho[f] bakhulume into
engathi shu.
Bakhulelwa inkathazo ba-
zale okulimazayo.[g]
5 Bachamisela amaqanda
enyoka enesihlungu,
Beluka ulwembu lwesica-
bucabu.[h]
Noma ubani odla amaqanda
ayo angafa,
Eqandeni eliphihlizwayo
kuphuma inyoka enesi-
hlungu.
6 Ulwembu lwabo ngeke luse-
benze njengengubo,
Ngeke bazimboze ngalokho
abakwenzayo.[i]
Imisebenzi yabo iyalimaza,
Izenzo zabo zobudlova zise-
zandleni zabo.[j]
7 Izinyawo zabo zigijimela
ekwenzeni okubi,
Bayashesha ukuchitha igazi
elingenacala.[k]
Imicabango yabo iyimicaba-
ngo elimazayo;
Ukucekela phansi noku-
bhubhisa kusezindleleni
zabo.[l]
8 Abayazanga indlela yoku-
thula,
Abukho ubulungisa ezi-
ndleleni zabo.[m]
Izindlela zabo bayazigwe-
gwisa;
Akekho ohamba kuzo oyo-
ba nokuthula.[a]
9 Yingakho ubulungisa buku-
de nathi,
Nokulunga kungasifici.
Silokhu sithembe ukuthola
ukukhanya, kodwa ku-
khona ubumnyama;
Ukuthola ukukhanya oku-
khulu, kodwa silokhu si-
hamba ebumnyameni.[b]
10 Silokhu siphumputha udo-
nga njengezimpumputhe;
Njengalabo abangenawo
amehlo siyaqhubeka si-
phumputha.[c]
Sikhubeka emini bebade
njengasebumnyameni ba-
kusihlwa;
Phakathi kwabayizidlakela
sinjengabantu abafile.
11 Sonke siqhubeka sibhonga
njengamabhere
Sikhale njengamajuba.
Sethemba ukuthola ubulu-
ngisa kodwa abukho;
Ukuthola insindiso kodwa
ikude nathi.
12 Ngoba sikuvukele kaningi;[d]
Isono sethu ngasinye sifa-
kaza ngokumelene nathi.[e]
Sikwazi kahle ukuvukela
kwethu;
Sizazi kahle iziphambeko
zethu.[f]
13 Seqe umthetho samphika
uJehova;
Simfulathele uNkulunkulu
wethu.
Sikhulume ngokucindezela
nangokuvukela;[g]
Sikhulelwe amanga savu-
ngazela amazwi angama-
nga avela enhliziyweni.[h]
14 Ubulungisa buhlehlisiwe,[i]
Nokulunga kumele kude;[j]

ISAHL. 59
a Jer 5:25
b Dut 31:16, 17; Dut 32:20; Isay 57:17; Hez 39:23; Mik 3:4
c Isay 1:15; Jer 2:34; Hez 7:23
d Jer 7:9, 10; Hez 13:8
e Jer 5:1; Hez 22:30; Mik 7:2
f Isay 30:12, 13
g Mik 2:1
h Job 8:13, 14
i Isay 57:12
j Jer 6:7; Mik 6:12
k Jer 22:17; Hez 9:9; Mat 23:35
l Rom 3:15-17
m Isay 5:7; Isay 59:15; Jer 5:1; Amo 6:12; Hab 1:4

Uhla 2
a Jer 8:15
b Isay 5:30
c Dut 28:15, 29
d Isay 1:5; Hez 5:5, 6
e Jer 14:7; Hos 5:5
f Ezr 9:13; Neh 9:33; Dan 9:5
g Isay 31:6; Isay 32:6; Jer 17:13
h Jer 5:23
i Hu 82:2; Hab 1:4
j Isay 5:22, 23

Ngoba iqiniso* likhubekile esigcawini,
Okulungile akukwazi ukungena.
15 Iqiniso alisekho,*[a]
Noma ubani oyekayo ukwenza okubi uyaphangwa.
UJehova wakubona lokhu futhi kwamdumaza,#
Ngoba babungekho ubulungisa.[b]
16 Wabona ukuthi kwakungekho muntu,
Wamangala ukuthi kwakungekho muntu olamulayo.
Ngakho ingalo yakhe yaletha insindiso,*
Nokulunga kwakhe kwamsekela.
17 Khona-ke wagqoka ukulunga njengokungathi yijazi lensimbi
Nesigqoko sokuzivikela sensindiso* ekhanda lakhe.[c]
Wagqoka izingubo zempindiselo njengesembatho[d]
Wazisonga ngentshiseko njengokungathi ngejazi.#
18 Uyobanika umvuzo ngenxa yalokho abakwenzile:[e]
Uyoba nolaka ezitheni zakhe, aphindisele ezitheni zakhe.[f]
Uyobuyisela iziqhingi okuzifanele.
19 Kusukela entshonalanga bayokwesaba igama likaJehova
Kusukela empumalanga besabe inkazimulo yakhe,
Ngoba uyofika njengomfula okhukhulayo,
Oqhutshwa ngumoya kaJehova.
20 "UMhlengi[a] uyofika[b] eZiyoni,
Uyofika kwabakwaJakobe abaphendukayo esonweni,"[c] kusho uJehova.

21 "Kodwa mina, yilesi isivumelwano sami nabo,"[d] kusho
uJehova. "Umoya wami ophezu
kwakho namazwi ami engiwafake
emlonyeni wakho—ngeke kususwe
emlonyeni wakho, emlonyeni
wezingane zakho* noma
emlonyeni wabazukulu bakho,"#
kusho uJehova, "kusukela manje
kuze kube phakade."

60 "Vuka wena wesifazane,[e] khanyisa ngoba ukukhanya kwakho kufikile.
Inkazimulo kaJehova iyakhanya phezu kwakho.[f]
2 Ngoba bheka, ubumnyama buyomboza umhlaba
Nobumnyama obukhulu bumboze izizwe;
Kodwa uJehova uyokhanya phezu kwakho,
Inkazimulo yakhe iyobonakala kuwe.
3 Izizwe ziyoza ekukhanyeni kwakho[g]
Namakhosi[h] eze enkazimulweni yakho ekhanyayo.*[i]
4 Phakamisa amehlo akho uqalaze nxazonke!
Bonke baqoqene; beza kuwe.
Amadodana akho alokhu eza evela kude,[j]
Namadodakazi akho abelethwe emhlane.[k]
5 Ngaleso sikhathi uyobona uqhakaze,[l]
Inhliziyo yakho iyothokoza igcwale injabulo,
Ngoba ingcebo yasolwandle iyoqondiswa kuwe;

---

ISAHL. 59
a Isay 48:1
b Mik 3:2
c Efe 6:17; 1Th 5:8
d Dut 32:35; Hu 94:1
e Job 34:11; Hu 62:12; Jer 17:10
f Isay 1:24; IsiL 4:11; Hez 5:13

Uhla 2
a Isay 48:17
b Isay 62:11
c Dut 30:1-3; Rom 11:26
d Rom 11:27

ISAHL. 60
e Isay 51:17; Isay 52:1
f Isay 60:19, 20
g Isay 11:10
h Isay 49:23
i IsA 21:23, 24
j Isay 49:17, 18; Isay 54:1
k Isay 49:21, 22
l Jer 33:9

---

**59:14** *Noma, "ukwethembeka." **59:15** *Noma, "Ukwethembeka akusekho." #NgesiHebheru, "kwakukubi emehlweni akhe." **59:16** *Noma, "yamenza wanqoba." **59:17** *Noma, "sokunqoba." #Noma, "ngejazi elingenamikhono."

**59:21** *NgesiHebheru, "wembewu yakho." #NgesiHebheru, "wembewu yembewu yakho." **60:3** *Noma, "ekukhanyeni kwakho kokusa."

Umnotho wezizwe uyoza
kuwe.[a]
6 Amakamela amaningi ayo-
mboza izwe lakho,*
Amakamela angamaduna
asemancane akwaMidiya-
ni nawase-Efa.[b]
Bonke abantu baseSheba
—bayofika;
Bayobe bethwele igolide
nempepho.
Bayomdumisa obala uJe-
hova.[c]
7 Yonke imihlambi yaseKhe-
dari[d] iyoqoqanela kuwe.
Izinqama zaseNebhayoti[e]
ziyokukhonza.
Ziyoza e-altare lami zamu-
keleke,[f]
Ngiyoyenza ibe yinhle indlu
yami ekhazimulayo.*[g]
8 Obani laba abeza bendiza
njengamafu,
Njengamajuba eya ezidleke-
ni zawo?
9 Iziqhingi ziyothembela
kimi;[h]
Imikhumbi yaseTharishishi
ihamba phambili,*
Iletha amadodana akho
evela kude,[i]
Kanye nesiliva negolide
lawo,
Egameni likaJehova uNku-
lunkulu wakho nako-
Ngcwele ka-Israyeli,
Ngoba uyokukhazimulisa.#[j]
10 Abezinye izizwe bayokwa-
kha izindonga zakho,
Namakhosi abo
akukhonze,[k]
Ngoba ngakushaya ngithu-
kuthele,
Kodwa ngomusa wami ngi-
yokubonisa isihe.[l]

11 Amasango akho ayohlala
evulekile;[a]
Ngeke avalwe emini noma
ebusuku,
Ukuze akungenisele umno-
tho wezizwe,
Amakhosi azo ayobe
ehola.[b]
12 Ngoba noma yisiphi isizwe
nanoma yimuphi umbuso
ongeke ukukhonze uyo-
shabalala,
Nezizwe ziyobhuqwa ngo-
kuphelele.[c]
13 Inkazimulo yeLebhanoni
iyoza kuwe,[d]
Isihlahla somjunipha,
esomthidari nesomsayi-
puresi kanye kanye,[e]
Ukuze kuyenze ibe yinhle
indawo yami engcwele;
Ngizoyikhazimulisa indawo
yezinyawo zami.[f]
14 Amadodana alabo ababeku-
cindezela ayoza akhotha-
me phambi kwakho;
Bonke abakudelelayo ku-
mele bakhothame ezinya-
weni zakho,
Kuyodingeka bakubize ngo-
kuthi uyidolobha likaJe-
hova,
IZiyoni loNgcwele ka-Isra-
yeli.[g]
15 Esikhundleni sokuba ube
ngoshiyiwe nozondwayo,
kungekho muntu odabula
kuwe,[h]
Ngiyokwenza ube yinto
edunyiswa abantu kuze
kube phakade,
Imbangela yokujabula kuzo
zonke izizukulwane.[i]
16 Empeleni uyoncela ubisi
lwezizwe,[j]
Uyoncela ibele lamakhosi;[k]
Nakanjani uyokwazi ukuthi
mina Jehova, nginguMsi-
ndisi wakho,
Nokuthi onaMandla kaJako-
be unguMhlengi wakho.[l]

ISAHL. 60
a Isay 61:6
Hag 2:7, 8
b 1Kr 1:32, 33
c Mal 1:11
d Isay 42:11
e Gen 25:13
f Eks 29:39, 42
Isay 56:6, 7
g Hag 2:9
h Isay 51:5
i Isay 60:4
Isay 66:20
j Hu 149:4
Isay 52:1
Isay 55:5
k Ezr 7:27
Neh 2:7, 8
Isay 49:23
l Dut 30:3
Hu 30:5
Isay 54:7
Isay 57:17, 18

Uhla 2
a IsA 21:25, 26
b Isay 60:3, 5
c Isay 41:11
d Isay 35:1, 2
e Isay 41:19
Isay 55:13
f Hu 132:7
g Isay 62:12
h 2Kr 36:20, 21
Isay 49:14
Jer 30:17
IsiL 1:4
i Isay 35:10
Isay 61:7
Jer 33:10, 11
j Isay 61:6
k Isay 49:23
l Isay 49:26

60:6 *NgesiHebheru, "amaningi ayokumboza." 60:7 *Noma, "yobuhle." 60:9 *Noma, "injengasekuqaleni." #Noma, "uyokwenza ube muhle."

17 Esikhundleni sethusi ngiyoletha igolide,
Esikhundleni sensimbi ngiyoletha isiliva,
Esikhundleni sokhuni, ithusi,
Esikhundleni samatshe, insimbi;
Ngiyomisa ukuthula kube ababonisi bakho
Nokulunga kube ngabakwabela umsebenzi.[a]
18 Ngeke buphinde buzwakale ubudlova ezweni lakho
Noma ukucekela phansi nokubhidliza ngaphakathi kwemingcele yakho.[b]
Uyobiza izindonga zakho ngokuthi iNsindiso[c] namasango akho ngokuthi iNdumiso.
19 Ilanga ngeke lisakukhanyisela emini,
Nenyanga ngeke isakukhanyisela,
Ngoba uJehova uyoba ngukukhanya kwakho kuze kube phakade,[d]
UNkulunkulu wakho uyoba udumo lwakho.[e]
20 Ilanga lakho ngeke lisashona,
Nenyanga yakho ngeke isanyamalala,
Ngoba uJehova uyoba ngukukhanya kwakho kuze kube phakade,[f]
Nezinsuku zakho zokulila ziyobe seziphelile.[g]
21 Bonke abantu bakho bayoba abalungile;
Izwe liyoba ngelabo kuze kube phakade.
Bayihlumela engilitshalile,
Umsebenzi wezandla zami,[h] ukuze ngidunyiswe.[i]
22 Omncane uyoba yinkulungwane
Umuntukazana abe yisizwe esinamandla.
Mina Jehova, ngiyokushesha ngesikhathi sako."

61 Umoya weNkosi Enguмbusi uJehova uphezu kwami,[a]
Ngoba uJehova ungigcobile ukuba ngimemezele izindaba ezinhle kwabamnene.[b]
Ungithume ukuba ngibophe abaphukile enhliziyweni,
Ukuba ngimemezele inkululeko kulabo abathunjiwe
Nokuthi iziboshwa ziyophinde zibone,[c]
2 Ukuba ngimemezele unyaka womusa kaJehova
Nosuku lwempindiselo kaNkulunkulu wethu,[d]
Ukuba ngiduduze bonke abalilayo,[e]
3 Ukuba nginakekele abalilela iZiyoni,
Ukuba ngibanike umnqwazo esikhundleni somlotha,
Amafutha okwethaba esikhundleni sokulila,
Ingubo yokudumisa esikhundleni somoya odangele.
Bayobizwa ngokuthi izihlahla ezinkulu zokulunga,
Okutshalwe nguJehova, ukuze akhazinyuliswe.*[f]
4 Bayowakha kabusha amanxiwa asendulo;
Bayovusa izindawo zakudala esezaba yincithakalo,[g]
Bayovuselela amadolobha abhuqiwe,[h]
Izindawo eziyincithakalo izizukulwane ngezizukulwane.[i]
5 "Izihambi ziyosukuma zeluse imihlambi yenu,
Abezinye izizwe[j] bayoba

61:3 * Noma, "enziwe muhle."

ISAHL. 60
a Isay 1:26 Isay 32:1
b Isay 2:4 Isay 11:9 Isay 54:14 Zak 9:8
c Isay 26:1
d Hu 36:9 Isay 60:1 IsA 21:23 IsA 22:5
e Zak 2:4, 5
f Hu 27:1 Hu 84:11
g Isay 25:8 Isay 30:19 Isay 35:10
h Isay 43:6, 7
i Isay 44:23

Uhla 2

ISAHL. 61
a Isay 42:1 Mat 3:16
b Mat 11:4, 5 IzE 10:37, 38
c Luk 4:17-21 Luk 7:22 IzE 26:17, 18
d Isay 34:8
e Isay 25:8 Mat 5:4 Luk 6:21
f Isay 60:21
g Isay 49:8 Isay 51:3
h Isay 44:26 Isay 58:12
i Hez 36:33, 34
j Isay 60:10

abalimi benu nabalimi
benu bamagilebhisi.[a]
6 Kodwa nina, niyobizwa
ngokuthi ningababapristi
bakaJehova;[b]
Kuyothiwa niyizikhonzi zi-
kaNkulunkulu wethu.
Niyodla umnotho wezizwe,[c]
Niyoziqhayisa ngenkazimu-
lo* yazo.
7 Esikhundleni sehlazo niyo-
thola isabelo esiphindwe
kabili,
Esikhundleni sokululazeka
bayomemeza bejabulela
isabelo sabo.
Yebo, bayothatha isabelo
esiphindwe kabili[d] ezweni
labo.
Bayojabula phakade.[e]
8 Ngoba mina Jehova, ngi-
thanda ubulungisa;[f]
Ngizonda ukuphanga noku-
ngalungi.[g]
Ngiyobanika inkokhelo
yabo ngokwethembeka,
Ngiyokwenza nabo isivume-
lwano esiyohlala kuze
kube phakade.[h]
9 Inzalo* yabo iyokwaziwa
phakathi kwezizwe,[i]
Nesizukulwane sabo phaka-
thi kwezizwe.
Bonke ababababonayo bayo-
bazi,
Ukuthi bayinzalo# uJehova
ayibusisile."[j]
10 Ngiyojabula kakhulu ngo-
Jehova.
Umphefumulo wami uyo-
thokoza ngoNkulunkulu
wami.[k]
Ngoba ungigqokise izingu-
bo zensindiso;[l]
Ungisonge ngengubo* yo-
kulunga,
Njengomkhwenyana ofaka
umnqwazo onjengowaba-
pristi,[a]
Nanjengomakoti ozihlobisa
ngemihlobiso yakhe.
11 Njengoba nje umhlaba uve-
za okuhluma kuwo,
Nanjengoba nje insimu ye-
nza ukuba izinto ezitsha-
lwe kuyo zihlume,
Ngendlela efanayo iNkosi
EnguMbusi uJehova
Iyobangela ukuba kuhlume
ukulunga[b] nokudumisa[c]
phambi kwazo zonke izi-
zwe.

62 Ngenxa yeZiyoni ngeke
ngithule,[d]
Nangenxa yeJerusalema
ngeke ngihlale ngithule
Kuze kube yilapho ukulu-
nga kwalo kukhanya nje-
ngokukhanya okukhulu[e]
Nensindiso yalo ivutha nje-
ngesibani.[f]
2 "Izizwe ziyokubona ukulu-
nga kwakho, wena wesifa-
zane,[g]
Nawo wonke amakhosi abo-
ne inkazimulo yakho.[h]
Uyobizwa ngegama elisha,[i]
Oyoliqanjwa umlomo kaJe-
hova uqobo.
3 Uyoba ngumqhele omuhle
esandleni sikaJehova,
Nomshuqulo wasebukhosi-
ni esandleni sikaNkulu-
nkulu wakho.
4 Ngeke kusathiwa ungowesi-
fazane olahliwe,[j]
Nezwe lakho ngeke kusa-
thiwa liyincithakalo.[k]
Kodwa uyobizwa ngokuthi
unguNjabulo Yami Ikuye,[l]
Nezwe lakho ngokuthi
Owesifazane Oshadile.
Ngoba uJehova uyojabula
ngawe,
Izwe lakho liyoba njengo-
wesifazane oshadile.

**61:6** *Noma, "ngengcebo." **61:9** *NgesiHebheru, "Imbewu." #NgesiHebheru, "bayimbewu." **61:10** *Noma, "ngejazi elingenamikhono."

ISAHL. 61
a Isay 14:1, 2
b Eks 19:6
c Isay 23:17, 18 Isay 60:5, 7
d Zak 9:12
e Isay 35:10
f Dut 32:4 Hu 33:5 Hu 37:28
g IzA 6:16-19
h Isay 55:3 Jer 32:40
i Zak 8:13
j Isay 65:23
k Isay 65:13
l Isay 52:1 IsA 21:2

Uhla 2
a Eks 28:39, 41
b Isay 45:8 Isay 62:1
c Isay 58:11 Isay 60:18 Isay 62:7

ISAHL. 62
d Hu 102:13 Zak 2:12
e Isay 1:26
f Isay 51:5
g Isay 54:1 Isay 60:1
h Isay 49:23 Isay 60:11
i Jer 33:16
j Isay 49:14 Isay 54:6
k Isay 32:14
l Hu 149:4 Zef 3:17

5 Njengoba nje insizwa isha-
da nentombi nto,
Amadodana akho ayoku-
shada.
UNkulunkulu wakho uyoja-
bula ngawe[a]
Njengoba umkhwenyana
ejabula ngomakoti.
6 O Jerusalema, ngimise aba-
lindi phezu kwezindonga
zakho.
Usuku lonke nobusuku bo-
nke, njalo, mabangathuli.
Nina enikhuluma ngoJe-
hova,
Maningathuli,
7 Ningathuli aze alimise ngo-
kuqinile iJerusalema,
Yebo, aze alimise njenge-
ndumiso emhlabeni."[b]
8 UJehova ufunge ngesandla
sakhe sokudla nangenga-
lo yakhe enamandla wa-
thi:
"Ngeke ngisanika izitha za-
kho ukudla kwakho oku-
sanhlamvu ukuba kube
ngukudla kwazo,
Abezinye izizwe ngeke be-
saliphuza iwayini lakho
elisha olikhandlekele.[c]
9 Kodwa ukudla okusanhla-
mvu kuyodliwa yilabo
abakubuthayo futhi bayo-
mdumisa uJehova;
Nalabo abaqoqa iwayini ba-
yoliphuzela emagcekeni
ami angcwele."[d]
10 Phumani, phumani ngama-
sango,
Lungiselani abantu indlela.[e]
Yakhani, yakhani umgwaqo
omkhulu.
Susani amatshe kuwo.[f]
Phakamiselani izizwe isibo-
nakaliso.*[g]
11 Bhekani! UJehova umeme-
zele emikhawulweni yom-
hlaba wathi:

62:10 *Noma, "isigxobo esiwuphawu."

ISAHL. 62
a Isay 65:18, 19 Jer 32:41
b Isay 61:11 Jer 33:9 Zef 3:19, 20
c Dut 28:49-51 Jer 5:17
d Dut 14:23 Isay 65:21, 22
e Isay 40:3 Isay 48:20
f Isay 57:14
g Ezr 1:1, 3 Isay 11:12 Isay 49:22

Uhla 2
a Zak 9:9 Mat 21:5 Joh 12:15
b Isay 40:9, 10 IsA 22:12
c Hu 107:2, 3
d Isay 54:7

ISAHL. 63
e Hu 137:7 Isay 34:5, 6
f Amo 1:12
g Jow 3:13 IsA 14:19, 20 IsA 19:15
h Isay 34:2
i Isay 34:8 Isay 35:4 Isay 61:1, 2

"Thanini endodakazini ya-
seZiyoni,
'Bheka! Insindiso yakho
iyeza.[a]
Bheka! Uphethe umvuzo
wakhe,
Nenkokhelo ayikhokhayo
iphambi kwakhe.'"[b]
12 Bayobizwa ngokuthi abantu
abangcwele, abahlengwe
nguJehova,[c]
Wena uyobizwa ngokuthi
Ofunwayo, iDolobha Eli-
ngashiywanga.[d]

63 Ubani lona ovela kwa-
Edomi,[e]
Ovela eBhozira[f] ogqoke izi-
ngubo ezinemibala egqa-
mile,*
Lona ogqoke izembatho
ezikhazimulayo,
Omasha ngamandla akhe
amakhulu?
"Yimi, engikhuluma ngoku-
lunga,
Enginamandla amakhulu
okusindisa."
2 Kungani izingubo zakho zi-
bomvu,
Kungani izingubo zakho
zinjengezalowo onyathela
isikhamo sewayini?[g]
3 "Ngiwunyathele ngingedwa
umkhombe wewayini.
Akukho muntu owayekanye
nami ovela ezizweni.
Ngaqhubeka ngizinyathela
ngentukuthelo yami,
Ngaqhubeka ngizinyathela
ngolaka lwami.[h]
Igazi lazo lachaphazela izi-
ngubo zami,
Ngizingcolise zonke ize-
mbatho zami.
4 Ngoba usuku lwempindise-
lo lusenhliziyweni yami,[i]
Ufikile unyaka wabahlengi-
we bami.

63:1 *Noma kungaba, "ezinombala obo-
mvu ngokugqamile."

5 Ngabheka kodwa kwakungekho msizi;
Ngamangala ukuthi kwakungekho owayefisa ukulekelela.
Ngakho ingalo yami yangilethela insindiso,*[a]
Nolaka lwami lwangisekela.
6 Nganyathela izizwe ngithukuthele,
Ngazenza zadakwa ngolaka lwami[b]
Ngathululela igazi lazo emhlabathini."
7 Ngizokhuluma ngezenzo zikaJehova zothando oluqotho,
Ngezenzo zikaJehova ezifanele ukudunyiswa,
Ngenxa yakho konke lokho uJehova asenzele kona,[c]
Izinto eziningi ezinhle azenzele indlu ka-Israyeli,
Ngokwesihe sakhe nangothando lwakhe oluqotho olukhulu.
8 Ngoba wathi: "Ngokuqinisekile bangabantu bami, amadodana angeke angathembeki."*[d]
Ngakho waba uMsindisi wabo.[e]
9 Phakathi nakho konke ukucindezeleka kwabo wayecindezelekile naye.[f]
Isithunywa sakhe siqu* sabasindisa.[g]
Ngothando nangobubele bakhe wabahlenga,[h]
Wabaphakamisa wabathwala kuzo zonke izinsuku zakudala.[i]
10 Kodwa bona badlubulunda[j] futhi bawudabukisa umoya wakhe ongcwele.[k]
Wabe esephenduka isitha sabo,[l]
Walwa nabo.[a]
11 Bakhumbula izinsuku zakudala,
Izinsuku zikaMose inceku yakhe:
"Uphi Lowo owabakhuphula la wabakhipha olwandle[b] kanye nabelusi bomhlambi wakhe?[c]
Uphi Lowo owafaka kuye umoya waKhe ongcwele,[d]
12 Lowo owenza ukuba ingalo yaKhe ekhazimulayo ihambe nesandla sokudla sikaMose,[e]
Lowo owahlukanisa amanzi phambi kwabo[f]
Ukuze azenzele igama elimi phakade,[g]
13 Lowo owenza ukuba bahambe emanzini agubhayo,*
Kangangokuthi bahamba kodwa abazange bakhubeke,
Njengehhashi ehlane?
14 Njengalapho imfuyo yehlela ethafeni eliyisigodi,
Umoya kaJehova wabenza baphumula."[h]
Wabahola kanjalo abantu bakho,
Ukuze uzenzele igama elibabazekayo.*[i]
15 Bheka usezulwini ubone
Usendaweni yakho yokuhlala ephakeme yobungcwele nenkazimulo.*
Iphi intshiseko namandla akho,
Uzwela# nesihe sakho?[j]
Ukugodlile ukuze ngingakutholi.
16 Ngoba wena unguBaba wethu;[k]

63:5 *Noma, "yangenza nganqoba." 63:8 *Noma, "azibonakalise enamanga." 63:9 *Noma, "Ingelosi yakhe." 63:13 *Noma, "ajulile." 63:14 *Noma, "elihle." 63:15 *Noma, "nobuhle." #NgesiHebheru, "Isiyaluyalu sezibilini zakho."

ISAHL. 63
a Isay 51:9; Isay 52:10; Isay 59:16
b Jer 25:15, 16
c Hu 78:12; Hu 105:5
d Eks 24:7
e Eks 14:30
f Eks 3:7
g Eks 14:19; Eks 23:20
h Dut 7:8
i Eks 19:4; Dut 1:31
j Dut 9:7
k IzE 7:51; Efe 4:30
l Lev 26:14, 17; Dut 28:63

Uhla 2
a Jer 21:5
b Eks 14:30; Isay 51:10
c Hu 77:20
d Num 11:16, 17
e Eks 6:1, 6; Eks 15:16
f Eks 14:21, 22
g Eks 9:15, 16; Eks 14:17; Rom 9:17
h Jos 22:4
i 2Sa 7:23; Neh 9:10
j Dut 4:31; Neh 9:17; Jer 31:20
k Eks 4:22

Nakuba u-Abrahama engase angasazi
No-Israyeli engase angasiqapheli,
Wena Jehova, unguBaba wethu.
Ubizwa ngokuthi uMhlengi wethu wakudala.[a]
17 Kungani Jehova, usiyeka* sinhlanhlathe ezindleleni zakho?
Kungani uvumela# izinhliziyo zethu zibe lukhuni, ukuze singakwesabi?[b]
Ngenxa yezinceku zakho, izizwe zefa lakho,
Buya uzosisiza.[c]
18 Isizwe sakho esingcwele sadla ifa isikhashana nje.
Izitha zethu ziyinyathelile indlu yakho engcwele.[d]
19 Isikhathi eside sibe njengalabo ongabusanga phezu kwabo,
Njengalabo abangakaze babizwe ngegama lakho.

64 Ukube wawudabule amazulu wehla,
Ukuze izintaba zizamazame ngenxa yakho,
2 Njengalapho umlilo wokhela amahlahla,
Nanjengalapho umlilo ubilisa amanzi,
Khona-ke izitha zakho beziyolazi igama lakho,
Nezizwe beziyothuthumela phambi kwakho!
3 Lapho wenza izinto ezimangalisayo esasingathembi ukuthi sizozibona,[e]
Wehla, izintaba zazamazama phambi kwakho.[f]
4 Kusukela kudala akekho noyedwa ozwile noma onakile,
Alikho iso elibone omunye uNkulunkulu ngaphandle kwakho,
Wena obasizayo labo abahlala bekulindele.*[a]
5 Ubamukele labo abenza okulungile ngenjabulo,[b]
Labo abakukhumbulayo, abalandela izindlela zakho.
Bheka! Wathukuthela lapho silokhu sona,[c]
Lokhu sakwenza isikhathi eside.
Ingabe manje kufanele sisindiswe?
6 Sonke sesinjengomuntu ongahlanzekile,
Zonke izenzo zethu zokulunga zinjengengubo yomuntu osesikhathini.[d]
Sonke sizobuna njengeqabunga,
Iziphambeko zethu ziyosiphephula njengomoya.
7 Akekho obiza igama lakho,
Akekho oshukumiseleka ukuba abambelele kuwe,
Ngoba usifihlele ubuso bakho,[e]
Usibangela ukuba sizace* ngenxa yezono zethu.#
8 Kodwa Jehova, wena unguBaba wethu.[f]
Thina siwubumba, wena unguMbumbi* wethu;[g]
Thina sonke siwumsebenzi wesandla sakho.
9 Ungathukutheli kakhulu Jehova,[h]
Ungasikhumbuli isiphambeko sethu kuze kube phakade.
Sicela usibheke, ngoba sonke singabantu bakho.
10 Amadolobha akho angcwele asephenduke ihlane,

---

63:17 *Noma, "usibangela ukuba." #NgesiHebheru, "wenza."

64:4 *Noma, "bekulinde ngesineke." 64:7 *NgesiHebheru, "sincibilike." #NgesiHebheru, "ngesandla sezono zethu." 64:8 *Noma, "wena unguMdali."

ISAHL. 63
a Isay 41:14
b Isay 6:10
c Hu 74:2; Hu 80:14, 15
d 2Kr 36:19; Isay 64:11; IsiL 1:10

ISAHL. 64
e Eks 34:10
f Hab 3:6

Uhla 2
a Hu 130:6-8; Isay 25:9; Mik 7:7; 1Ko 2:9
b Zef 2:3; IzE 10:34, 35
c Isay 1:21; Isay 63:10
d Lev 12:2; Lev 15:20
e Dut 31:17; Isay 57:17
f Isay 63:16
g Isay 29:16; Isay 45:9; Jer 18:6
h Hu 74:1; Hu 79:5

IZiyoni seliyihlane,
IJerusalema selingamanxiwa.[a]
11 Indlu* yethu yobungcwele nenkazimulo,#
Lapho okhokho bethu ababekudumisa khona,
Ishiswe ngomlilo,[b]
Zonke izinto esasizithanda seziyincithakalo.
12 Ngenxa yalokhu, ingabe uyoqhubeka uzibambile Jehova?
Ingabe uyohlala uthule, usiyeke sihlushwe kabuhlungu kangaka?[c]

65 "Ngizibonakalisile kulabo abangazange bangicele;
Ngivume ukuba ngitholwe yilabo abangazange bangifune.[d]
Ngithe, 'Nangu mina, nangu mina!' esizweni esasingalibizi igama lami.[e]
2 Usuku lonke ngelulele izandla zami esizweni esinenkani,[f]
Kulabo abahamba ngendlela engalungile,[g]
Abalandela imicabango yabo;[h]
3 Isizwe esihlale singicasula ngamabomu,[i]
Esenza imihlatshelo ezingadini,[j] sishunqise umusi womhlatshelo phezu kwezitini.
4 Bahlala emangcwabeni,[k]
Bachitha ubusuku besezindaweni ezifihlekile,*
Bedla inyama yengulube,[l]
Nomhluzi wezinto ezingcolile usezitsheni zabo.[m]
5 Bathi, 'Yima lapho; ungasondeli kimi,
Ngoba mina ngingcwele kunawe.'*
Laba bayintuthu emakhaleni ami, umlilo ovutha usuku lonke.
6 Bheka! Kulotshiwe phambi kwami;
Ngeke ngime ngingenzi lutho,
Kodwa ngizophindisela kubo,[a]
Ngizophindisela ngesilinganiso esigcwele*
7 Ngenxa yeziphambeko zabo nangenxa yeziphambeko zokhokho babo,"[b] kusho uJehova.
"Ngenxa yokuthi bashunqise umusi womhlatshelo ezintabeni
Bangihlambalaza emagqumeni,[c]
Okokuqala ngizobakhokhela ngokugcwele."*
8 Yilokhu uJehova akushoyo:
"Njengoba nje iwayini elisha litholakala ehlukuzweni lamagilebhisi
Umuntu athi, 'Ungalichithi ngoba kukhona okuhle* kulo,'
Ngiyokwenza kanjalo ngenxa yezinceku zami;
Ngeke ngizibhubhise zonke.[d]
9 Ngiyoveza inzalo* kuJakobe
KwaJuda ngiveze oyodla ifa lezintaba zami;[e]
Abakhethiwe bami bayolithatha,
Izinceku zami ziyohlala khona.[f]
10 ISharoni[g] liyoba yidlelo lezimvu

ISAHL. 64
a Hu 79:1 IsiL 1:4 IsiL 5:18 Mik 3:12
b 2Kr 36:17, 19 Jer 52:12, 13
c Hu 74:10, 11 Zak 1:12

ISAHL. 65
d Isay 55:6, 7
e Rom 10:20, 21
f Dut 31:27 Neh 9:29 Zak 7:11
g Isay 59:7, 8 Jer 35:15
h Jer 5:23
i 2Kh 17:16, 17 Jer 32:29
j Isay 1:29 Isay 66:17
k Num 19:16
l Lev 11:7, 8 Isay 66:17
m Dut 14:3

Uhla 2
a Hu 50:3, 21 Jer 16:18 Hez 11:21
b Eks 20:4, 5 Lev 26:39
c 1Kh 22:41, 43 2Kh 12:3
d Jer 30:11 Amo 9:8
e Isay 60:21 Hez 37:21 Obad 17
f Isay 61:7 Zef 3:20
g Isay 33:9

**64:11** *Noma, "Ithempeli." #Noma, "nobuhle." **65:4** *Noma kungaba, "ezindlwaneni zokulinda."

**65:5** *Noma kungaba, "ngizodlulisela ubungcwele kuwe." **65:6, 7** *NgesiHebheru, "esifubeni sabo." **65:8** *NgesiHebheru, "isibusiso." **65:9** *NgesiHebheru, "imbewu."

ISigodi* Sase-Akori[a] sibe
yindawo okuphumula
kuyo izinkomo,
Ngoba abantu bami bayo-
ngifuna.
11 Kodwa nina niphakathi
kwalabo abamshiyayo
uJehova,[b]
Labo abakhohlwa yintaba
yami engcwele,[c]
Abadekela unkulunkulu
weNhlanhla itafula,
Labo abagcwalisela unkulu-
nkulu wokuDalelwa inde-
be yewayini elixutshiwe.
12 Ngakho ngizoninikela enke-
mbeni,[d]
Nonke ngothi lwenu ni-
yokhothama ukuze nibu-
lawe,[e]
Ngoba nganibiza kodwa
aniphendulanga,
Ngakhuluma kodwa anilale-
langa;[f]
Naqhubeka nenza okubi
emehlweni ami,
Nakhetha
okungicasulayo."[g]
13 Ngakho-ke yilokhu iNkosi
EnguMbusi uJehova eku-
shoyo:
"Bhekani! Izinceku zami zi-
yokudla kodwa nina niyo-
lamba.[h]
Izinceku zami ziyophuza[i]
kodwa nina niyokoma.
Izinceku zami ziyojabula[j]
kodwa nina niyoba nama-
hloni.[k]
14 Bhekani! Izinceku zami zi-
yomemeza ngenjabulo
ngenxa yokwenama kwe-
nhliziyo,
Kodwa nina niyokhala
ngenxa yobuhlungu be-
nhliziyo
Niyolila ngenxa yokuphuka
emoyeni.

65:10 *Noma, "IThafa Eliphansi."

ISAHL. 65
a Jos 7:24 Hos 2:15
b Isay 1:4
c 2Kr 28:24 2Kr 34:25
d Lev 26:25 Hez 6:13
e Hez 9:6
f 2Kr 36:15, 16
g Isay 66:3
h Hu 37:19, 25 Amo 8:11
i Isay 49:10
j Isay 66:14
k Isay 66:5

Uhla 2
a Isay 62:2 Jer 33:16
b Dut 6:13
c Isay 12:1 Jer 31:12 Zef 3:14, 15
d Ezr 5:2 Isay 51:16 Isay 66:22 2Pe 3:13
e IsA 21:1, 4
f Isay 51:11
g Isay 62:4 Jer 32:41
h Isay 25:8 Jer 31:12

15 Niyoshiya igama abakhethi-
we bami abayolisebenzisa
njengesiqalekiso,
INkosi EnguMbusi uJehova
iyobulala ngamunye
wenu,
Kodwa izinceku zayo iyozi-
biza ngelinye igama;[a]
16 Ukuze wonke umuntu
ozifunela isibusiso emhla-
beni
Abusiswe nguNkulunkulu
weqiniso,*
Nanoma ubani ofungayo
emhlabeni
Afunge uNkulunkulu weqi-
niso.#[b]
Ngoba izingcindezi△ ze-
sikhathi esidlule ziyoliba-
leka;
Ngeke azibone amehlo
ami.[c]
17 Ngoba bhekani! Ngidala
amazulu amasha nomhla-
ba omusha;[d]
Izinto zesikhathi esidlule
ngeke zikhunjulwe,
Ngeke zifike nasenhlizi-
yweni.[e]
18 Ngakho thokozani, nijabule
kuze kube phakade ngalo-
kho engikudalayo.
Ngoba ngidala iJerusalema
libe yisizathu sokujabula
Nabantu balo babe yisiza-
thu sokuthokoza.[f]
19 Ngiyojabula ngeJerusalema
ngithokoze ngabantu
bami;[g]
Ngeke kuphinde kuzwakale
kulo umsindo wokulila
noma ukukhala ngenxa
yosizi."[h]
20 "Ngeke kuphinde kube
khona usana oluphila izi-
nsuku ezimbalwa kuleyo
ndawo,

65:16 *Noma, "wokwethembeka." NgesiHebheru, "ka-Amen." #Noma, "wokwethembeka." NgesiHebheru, "ka-Amen." △Noma, "izinkinga."

Ngeke kusaba nexhegu elisheshe life lingakazigcwalisi izinsuku zalo.
Noma ubani ofa eneminyaka eyikhulu ubudala uyobhekwa njengomfana nje,
Isoni siyofa ngenxa yesiqalekiso nakuba sineminyaka eyikhulu.*
**21** Bayokwakha izindlu bahlale kuzo,[a]
Bayotshala amasimu amagilebhisi badle izithelo zawo.[b]
**22** Ngeke bakhe bese kuhlala omunye,
Ngeke batshale bese kudla abanye.
Ngoba izinsuku zabantu bami ziyoba njengezinsuku zesihlahla,[c]
Abakhethiwe bami bayowujabulela ngokugcwele umsebenzi wezandla zabo.
**23** Ngeke bakhandlekele ize,*[d]
Noma bazale izingane ezizohlupheka,
Ngoba bona nesizukulwane sabo,
Bayinzalo# yababusiswe uJehova.[e]
**24** Ngisho nangaphambi kokuba bangibize, mina ngiyophendula;
Lapho besakhuluma, mina ngiyozwa.
**25** Impisi newundlu kuyodla ndawonye,
Ibhubesi liyodla utshani njengenkomo,[f]
Ukudla kwenyoka kuyoba uthuli.
Ngeke zilimaze noma zibangele noma iyiphi incithakalo kuyo yonke intaba yami engcwele,"[a] kusho uJehova.

**66** Yilokhu uJehova akushoyo:
"Amazulu ayisihlalo sami sobukhosi, umhlaba uyindawo yami yokubeka izinyawo.[b]
Iphi-ke indlu eningangakhela yona,[c]
Iphi indawo yami yokuphumula?"[d]
**2** "Yisandla sami esenze zonke lezi zinto,
Yileyo ndlela ezaba khona ngayo," kusho uJehova.[e]
"Yilona engizombheka,
Othobekile nophukile emoyeni nowesaba izwi lami.[f]
**3** Ohlaba inkunzi uyafana nobulala umuntu.[g]
Owenza umhlatshelo ngemvu ufana nophula intamo yenja.[h]
Onikela isipho—unjengonikela ngegazi lengulube![i]
Oletha umnikelo wempepho oyisikhumbuzo[j] unjengosho isibusiso ngamazwi angaqondakali.*[k]
Bakhethe izindlela zabo,
Bajabulela into enyanyisayo.
**4** Ngakho ngizokhetha izindlela zokubajezisa,[l]
Ngizobalethela zona kanye izinto ezibethusayo.
Ngenxa yokuthi ngabiza, kodwa akekho owasabela;
Lapho ngikhuluma, akekho owalalela.[m]
Babelokhu benza okubi emehlweni ami,
Bekhetha ukwenza okungicasulayo."[n]
**5** Yizwani izwi likaJehova, nina enesaba izwi lakhe:

ISAHL. 65
a Jer 31:4
b Isay 62:8; Amo 9:14
c Hu 92:12-14
d Lev 26:3-5; Dut 28:4
e Isay 61:9; Isay 66:22
f Isay 35:9; Hos 2:18

Uhla 2
a Isay 2:3, 4; Isay 11:6-9; Mik 4:2

ISAHL. 66
b Mat 5:34, 35
c 2Kr 6:18; IzE 17:24
d 1Kr 28:2; IzE 7:48-50
e Isay 40:26
f 2Kh 22:18, 19; Luk 18:14
g Isay 1:11
h Lev 11:27
i Dut 14:8
j Lev 2:1, 2
k Isay 1:13
l Dut 28:15
m Jer 7:13
n 2Kh 21:9; Isay 65:3

**65:20** *Noma kungaba, "Umuntu ofa eneminyaka engaphansi kweyikhulu kuyothiwa uqalekisiwe." **65:23** *Noma, "basebenze kanzima besebenzela ubala." #NgesiHebheru, "bayimbewu."

**66:3** *Noma kungaba, "unjengodumisa isithixo."

"Abafowenu abanizondayo, abanicwasayo ngenxa yegama lami, bathe, 'Kwangathi uJehova angakhazinyuliswa!'[a]
Kodwa uNkulunkulu uzobonakala anilethele injabulo,
Bona bazohlazeka."[b]
6 Kukhona umsindo wesiyaluyalu ovela edolobheni, umsindo ovela ethempelini!
Ngoba uJehova ubuyisela izitha zakhe okuzifanele.
7 Ngaphambi kokuba aqale ukusikwa wabeletha.[c]
Ngaphambi kokuba imihelo imfikele, wabeletha umntwana wesilisa.
8 Ubani owake wayizwa into enjengale?
Ubani ozibonile izinto ezinjengalezi?
Ingabe izwe lingazalwa ngosuku olulodwa?
Noma ingabe isizwe sonke singazalwa kanyekanye?
Nokho, lapho nje iZiyoni lisikwa, lazala amadodana alo.
9 "Ingabe ngingabangela ukuba ingane ibe seqophelweni lokuzalwa kodwa ingaphumi?" kusho uJehova.
"Noma ingabe ngingabangela ukuba izalwe bese ngivala isibeletho?" kusho uNkulunkulu wakho.
10 Thokozani neJerusalema nijabule kanye nalo,[d] nonke nina enilithandayo.[e]
Halalisani kanye nalo, nonke nina enilikhalelayo,
11 Ngoba niyoncela naneliseke ngokugcwele ebeleni lenduduzo yalo,
Niyophuza nithole injabulo enkazimulweni yalo enkulu.
12 Ngoba yilokhu uJehova akushoyo:
"Ngidlulisela ukuthula kulo njengomfula[a]
Nenkazimulo yezizwe njengezikhukhula ezinamandla.[b]
Niyoncela futhi nibelethwe emhlane,
Niyodlaliswa emathangeni alo.
13 Njengoba umama eduduza indodana yakhe,
Ngendlela efanayo ngiyoqhubeka nginiduduza;[c]
Niyoduduzwa ngenxa yeJerusalema.[d]
14 Niyokubona lokhu futhi izinhliziyo zenu ziyojabula,
Amathambo enu ayohluma njengotshani obusha.
Izinceku zikaJehova ziyosazi isandla sakhe,*
Kodwa izitha zakhe uyozilahla."[e]
15 "Ngoba uJehova uyoza njengomlilo,[f]
Izinqola zakhe zinjengesiphepho,[g]
Ukuze abuyisele ngolaka,
Akhuze ngamalangabi omlilo.[h]
16 UJehova uyokwahlulela bonke abantu ngomlilo nangenkemba;
Ababulewe nguJehova bayoba baningi.

17 "Labo abazingcwelisayo
nabazihlanzayo ukuze bangene ezingadini*[i] belandela lowo
ophakathi nendawo, labo abadla inyama yengulube[j] nezinto
ezinyanyisayo namagundane,[k]
bonke bayoqedwa kanyekanye,"
kusho uJehova. 18 "Njengoba
ngiyazi imisebenzi nemicabango
yabo, ngiyeza ukuze ngiqoqe-

66:14 * Noma, "ziyowazi amandla akhe."
66:17 * Okuwukuthi, izingadi ezikhethekile okwakukhonzwa kuzo izithixo.

ISAHL. 66
a Isay 5:18, 19; Isay 29:13
b Isay 65:13, 14; Jer 17:13, 18
c Isay 54:1
d Isay 44:23
e Hu 137:6

Uhla 2
a Isay 9:7
b Isay 60:3; Hag 2:7
c Isay 51:3
d Isay 44:28; Isay 65:18, 19
e Isay 59:18
f Dut 4:24
g Hu 50:3; Jer 25:32, 33
h 2Th 1:7, 8
i Isay 1:29; Isay 65:3
j Lev 11:7, 8; Isay 65:4
k Lev 11:29

le ndawonye abantu bazo zonke
izizwe nezilimi, bayoza babone
inkazimulo yami."
19 "Ngiyomisa isibonakaliso
phakathi kwabo, futhi ngiyo-
thumela abanye kulabo abaphu-
nyukayo ezizweni—eTharishi-
shi,[a] ePhuli naseLudi,[b] labo aba-
donsa umnsalo, eThubhali, eJa-
vani[c] naseziqhingini ezikude—
ezingawuzwanga umbiko nga-
mi noma zibone inkazimulo
yami; bayomemezela ngenkazi-
mulo yami phakathi kwezizwe.[d]
20 Bayobaletha bonke abafo-
wenu abavela kuzo zonke izi-
zwe[e] njengesipho kuJehova, be-
gibele amahhashi, izinqola, izi-
nqola ezimboziwe, iminyuzi na-
makamela asheshayo, babakhu-
phulele entabeni yami engcwe-
le, eJerusalema," kusho uJeho-
va, "njengalapho nje amadoda-
na ka-Israyeli eletha isipho nge-
sitsha esihlanzekile endlini ka-
Jehova."
21 "Ngiyothatha abanye ba-
be ngabapristi, abanye babe
ngamaLevi," kusho uJehova.
22 "Njengoba nje amazu-
lu amasha nomhlaba omusha[a]
engikwenzayo kuyohlale kumi-
le phambi kwami," kusho uJe-
hova, "kanjalo inzalo* yenu ne-
gama lenu kuyohlale kukho-
na."[b]
23 "Kusukela ekwethwaseni
kwenyanga kuya kokunye
ukwethwasa kwenyanga,
kusukela esabatheni kuye
kwelinye isabatha,
Bonke abantu bayoza ba-
khothame phambi kwa-
mi,"*[c] kusho uJehova.
24 "Bayophuma babuke izidu-
mbu zabantu abadlubulu-
nda kimi;
Ngoba izibungu ezikubo
ngeke zife,
Nomlilo wabo ngeke
ucishe,[d]
Bayoba yinto enyantisayo
kubo bonke abantu."

66:22 *NgesiHebheru, "imbewu." 66:23 *Noma, "bayoza bangikhonze."

ISAHL. 66
a Gen 10:4
b Gen 10:6, 13
c Gen 10:2; Hez 27:12, 13
d Isay 60:3; Mal 1:11
e Dut 30:1-3; Isay 11:16; Isay 43:6; Isay 60:4, 9

Uhla 2
a Isay 65:17, 18; 2Pe 3:13; IsA 21:1
b Isay 65:23; Jer 31:35, 36
c Hu 86:9; Zak 14:16; Mal 1:11
d Isay 34:10; Mat 25:41; Mar 9:47, 48; 2Th 1:9

# UJEREMIYA

## UHLU LOKUPHAKATHI


1 UJeremiya umiswa njengomprofethi (1-10)
Umbono wesihlahla som-alimondi (11, 12)
Umbono webhodwe lokupheka (13-16)
UJeremiya uqiniselwa umsebenzi awuthunyiwe (17-19)

2 U-Israyeli ushiya uJehova akhonze abanye onkulunkulu (1-37)
U-Israyeli ufana namagilebhisi asendle (21)
Imiphetho yezingubo zakhe ichaphazelwe yigazi (34)

3 Ukujula kokuhlubuka kuka-Israyeli (1-5)
U-Israyeli noJuda banecala lokuphinga (6-11)
Banxuswa ukuba baphenduke (12-25)

4 Ukuphenduka kuletha izibusiso (1-4)
Inhlekelele izoza ivela enyakatho (5-18)
UJeremiya uzwa ubuhlungu ngenhlekelele ezayo (19-31)

5 Abantu bayasenqaba isiyalo sikaJehova (1-13)
Ukubhujiswa kodwa hhayi ukuqothulwa ngokuphelele (14-19)
UJehova uyabajezisa abantu (20-31)

6 Ukuvinjezelwa kweJerusalema kuseduze (1-9)
UJehova ulithukuthelele iJerusalema (10-21)
Bathi "Kukhona ukuthula!" kube kungekho ukuthula (14)
Ukuhlasela okunonya okuvela enyakatho (22-26)
UJeremiya uba umvivinyi wensimbi (27-30)

7 Ukuzikhohlisa ngokuthembela ethempelini likaJehova (1-11)
Ithempeli lizoba njengeShilo (12-15)
Ukukhulekela kwamanga kuyalahlwa (16-34)
Kukhonzwa "iNdlovukazi Yezulu" (18)
Kwenziwa imihlatshelo ngezingane eHinomu (31)

8 Abantu bakhetha ukuphila ngendlela ethandwayo (1-7)
Kunakuhlakanipha kuni ngaphandle kwezwi likaJehova? (8-17)
UJeremiya ulilela ukwaphuka kukaJuda (18-22)
"Alikho yini ibhalsamu eGileyadi?" (22)

9 Ukudabuka okujulile kukaJeremiya (1-3a)
UJehova ujezisa uJuda (3b-16)
Ukulilela uJuda (17-22)
Ukuzigabisa ngokwazi uJehova (23-26)

10 Onkulunkulu bezizwe baqhathaniswa noNkulunkulu ophilayo (1-16)
Ukubhujiswa nokudingiswa kuyeza (17, 18)
UJeremiya usosizini (19-22)
Umthandazo womprofethi (23-25)
Umuntu akakwazi ukuqondisa isinyathelo sakhe (23)

11 UJuda wephula isivumelwano sakhe noNkulunkulu (1-17)
Onkulunkulu abaningi njengamadolobha (13)
UJeremiya ufaniswa newundlu elizohlatshwa (18-20)
Ukuphikiswa okuvela kubantu basedolobhaneni lakubo kaJeremiya (21-23)

12 UJeremiya uyakhalaza (1-4)
Impendulo kaJehova (5-17)

13 Ibhande lelineni eligugile (1-11)
Izimbiza zewayini ezizophahlazwa (12-14)
UJuda ongasalungiseki uzodingiswa (15-27)
"UmKushe angasishintsha yini isikhumba sakhe?" (23)

14 Isomiso, indlala nenkemba (1-12)
Abaprofethi bamanga bayalahlwa (13-18)
UJeremiya uvuma isono sesizwe (19-22)

15 UJehova ngeke asishintshe isahlulelo sakhe (1-9)
UJeremiya uyakhalaza (10)
Impendulo kaJehova (11-14)
Umthandazo kaJeremiya (15-18)
Ukuthokoziswa ukudla amazwi kaNkulunkulu (16)
UJeremiya uqiniswa nguJehova (19-21)

16 UJeremiya akufanele ashade, alile noma aye emadilini (1-9)
Ukujeziswa nokubuyiselwa (10-21)

17 Isono sikaJuda siqoshiwe (1-4)
Izibusiso zokwethembela kuJehova (5-8)
Inhliziyo ekhohlisayo (9-11)
UJehova, ithemba lika-Israyeli (12, 13)
Umthandazo kaJeremiya (14-18)
Ukugcina iSabatha lingcwele (19-27)

18 Ubumba ezandleni zombumbi (1-12)
UJehova ufulathela u-Israyeli (13-17)
UJeremiya wakhelwa uzungu; ukuncenga kwakhe (18-23)

19 UJeremiya utshelwa ukuba aphahlaze isitsha sobumba (1-15)
Kunikelwa ngezingane kuBhali (5)

20 UPhashuri ushaya uJeremiya (1-6)
UJeremiya akanakuyeka ukushumayela (7-13)
Umyalezo ovela kuNkulunkulu unjengomlilo ovuthayo (9)
UJehova unjengeqhawe elesabisayo (11)
UJeremiya uyakhalaza (14-18)

21 UJehova wenqaba isicelo sikaZedekiya (1-7)
Abantu kufanele bakhethe ukuphila noma ukufa (8-14)

22 Izimemezelo zokwahlulelwa kwamakhosi amabi (1-30)
Ngokuphathelene noShalumi (10-12)
Ngokuphathelene noJehoyakimi (13-23)
Ngokuphathelene noKhoniya (24-30)

23 Abelusi abahle nababi (1-4)
Ukulondeka ngaphansi 'kwendlalifa elungile' (5-8)
Abaprofethi bamanga bayalahlwa (9-32)
'Umthwalo' kaJehova (33-40)

24 Amakhiwane amahle namakhiwane amabi (1-10)

25 UJehova umelene nezizwe (1-38)
Izizwe zizokhonza iBhabhiloni iminyaka engu-70 (11)
Indebe yewayini yolaka lukaNkulunkulu (15)
Inhlekelele isuka kwesinye isizwe iya kwesinye (32)
Ababulawe nguJehova (33)

26 UJeremiya wesatshiswa ngokuthi uzobulawa (1-15)
UJeremiya usinda ekufeni (16-19)
Kucashunwa isiprofetho sikaMika (18)
Umprofethi u-Urija (20-24)

27 Ijoka laseBhabhiloni (1-11)
UZedekiya utshelwa ukuba azinikele eBhabhiloni (12-22)

28 UJeremiya uphikisana nomprofethi wamanga uHananiya (1-17)

29 Incwadi kaJeremiya eya kwabadingiselwe eBhabhiloni (1-23)
U-Israyeli uyobuya ngemva kweminyaka engu-70 (10)
Umyalezo oya kuShemaya (24-32)

30 Izithembiso zokubuyiselwa nokwelashwa (1-24)

31 Abasindile bakwa-Israyeli bazophinde bahlale ezweni (1-30)
URaheli ukhalela izingane zakhe (15)
Isivumelwano esisha (31-40)

32 UJeremiya uthenga insimu (1-15)
Umthandazo kaJeremiya (16-25)
Impendulo kaJehova (26-44)

33 Isithembiso sokubuyiselwa (1-13)
Ukulondeka ngaphansi 'kwendlalifa elungile' (14-16)
Isivumelwano noDavide nabapristi (17-26)
Isivumelwano ngokuqondene nemini nobusuku (20)

34 Umyalezo wesahlulelo oya kuZedekiya (1-7)
Isivumelwano sokunikeza izigqila inkululeko siyephulwa (8-22)

35 AmaRekabi abeka isibonelo esihle sokulalela (1-19)

36 UJeremiya ubizela uBharuki lokho okufanele akubhale emqulwini (1-7)
UBharuki ufunda ngokuzwakalayo emqulwini (8-19)
UJehoyakimi ushisa umqulu (20-26)
Umyalezo ubhalwa kabusha komunye umqulu (27-32)

37 Ukuhoxa kwamaKhaledi kungokwesikhashana (1-10)
UJeremiya uyaboshwa (11-16)
UZedekiya ubonana noJeremiya (17-21)
UJeremiya unikezwa isinkwa (21)

38 UJeremiya uphonswa emthonjeni (1-6)
U-Ebhedi-meleki utakula uJeremiya (7-13)
UJeremiya uncenga uZedekiya ukuba azinikele (14-28)

39 Ukunqotshwa kweJerusalema (1-10)
UZedekiya uyabaleka kodwa abanjwe (4-7)
UJeremiya uzovikelwa (11-14)
Ukuphila kuka-Ebhedi-meleki kuzosindiswa (15-18)

40 UNebuzaradani ukhulula uJeremiya (1-6)
UGedaliya umiswa phezu kwezwe (7-12)
UGedaliya wakhelwa uzungu (13-16)

41 UGedaliya ubulawa u-Ishmayeli (1-10)
U-Ishmayeli ubalekela uJohanani (11-18)

42 Abantu bacela uJeremiya ukuba abathandazele acele isiqondiso (1-6)
UJehova uyaphendula: "Ningayi eGibhithe" (7-22)

43 Abantu abalaleli bayahamba baya eGibhithe (1-7)
Kufika izwi likaJehova kuJeremiya eGibhithe (8-13)

44 Ukubikezelwa kwenhlekelele ezokwehlela amaJuda aseGibhithe (1-14)
Abantu abasilaleli isixwayiso esivela kuNkulunkulu (15-30)
Kukhonzwa "iNdlovukazi Yezulu" (17-19)

45 Umyalezo kaJehova oya kuBharuki (1-5)

46 Isiprofetho esimelene neGibhithe (1-26)
IGibhithe lizonqotshwa nguNebukhadinezari (13, 26)

Izithembiso ku-Israyeli (27, 28)

47 Isiprofetho esimelene namaFilisti (1-7)

48 Isiprofetho esimelene noMowabi (1-47)

49 Isiprofetho esimelene no-Amoni (1-6)
Isiprofetho esimelene no-Edomi (7-22)
Isizwe sakwa-Edomi siyoshabalala (17, 18)
Isiprofetho esimelene neDamaseku (23-27)
Isiprofetho esimelene neKhedari neHazori (28-33)
Isiprofetho esimelene ne-Elamu (34-39)

50 Isiprofetho esimelene neBhabhiloni (1-46)
Balekani niphume eBhabhiloni (8)
U-Israyeli uzobuyiselwa ezweni lakhe (17-19)
Amanzi aseBhabhiloni azokoma (38)
EBhabhiloni ngeke kusahlala muntu (39, 40)

51 Isiprofetho esimelene neBhabhiloni (1-64)
AmaMede azolinqoba ngokuzumayo iBhabhiloni (8-12)
Incwadi iphonswa e-Ewufrathe (59-64)

52 UZedekiya uvukela iBhabhiloni (1-3)
UNebukhadinezari uvimbezela iJerusalema (4-11)
Ukubhujiswa kwedolobha nethempeli (12-23)
Abantu badingiselwa eBhabhiloni (24-30)
UJehoyakini uyakhululwa ejele (31-34)

---

1 Lawa ngamazwi kaJeremiya* indodana kaHilikiya, omunye wabapristi base-Anathoti[a] ezweni lakwaBhenjamini.
2 Izwi likaJehova lafika kuye ezinsukwini zikaJosiya[b] indodana ka-Amoni,[c] inkosi yakwaJuda, ngonyaka ka-13 wokubusa kwakhe.
3 Lafika nasezinsukwini zikaJehoyakimi[d] indodana kaJosiya, inkosi yakwaJuda, kwaze kwaba sekupheleni konyaka ka-11 kaZedekiya[e] indodana kaJosiya, inkosi yakwaJuda, kwaze kwaba yilapho iJerusalema liya ekudingisweni ngenyanga yesihlanu.[f]

4 Izwi likaJehova lafika kimi, lathi:

5 "Ngakwazi* ngaphambi kokuba ngikubumbe esibelethweni,[g]
Ngakungcwelisa# ngaphambi kokuba uzalwe.△[h]
Ngakwenza umprofethi ezizweni."
6 Kodwa ngathi: "Maye, Nkosi EnguMbusi Jehova!
Angikwazi ukukhuluma,[a]
ngoba ngisewumfana nje."*[b]
7 UJehova wathi kimi:
"Ungasho ukuthi, 'Ngisewumfana nje.'
Ngoba kumele uye kubo bonke labo engikuthuma kubo,
Kufanele ubatshele konke engikuyala ngakho.[c]
8 Ungesatshiswa yindlela ababukeka ngayo,[d]
Ngoba 'Nginawe ukuze ngikusindise,' kusho uJehova."[e]

9 Ngemva kwalokho uJehova welula isandla sakhe wathinta umlomo wami.[f] UJehova wathi kimi: "Ngifake amazwi ami emlonyeni wakho.[g]
10 Bheka, ngikunike igunya namuhla phezu kwezizwe na-

ISAHL. 1
a Jos 21:8, 18
b 2Kh 22:1, 2
c 2Kh 21:19, 20
d 2Kh 24:1; 2Kr 36:4
e 2Kh 24:18, 19
f 2Kh 25:8, 11; Jer 52:12, 15
g Hlu 13:5; Hu 139:15, 16
h Luk 1:13, 15

Uhla 2
a Eks 4:10
b 1Kh 3:5, 7
c Eks 7:1, 2
d Hez 2:6
e Eks 3:11, 12; Jer 15:20; IzE 18:9, 10
f Isay 6:7
g Eks 4:12, 15; Hez 33:7

---

1:1 *Kungenzeka lisho ukuthi "UJehova Uyaphakamisa." 1:5 *Noma, "Ngakukhetha." #Noma, "Ngakuhlukanisa kwabanye." △NgesiHebheru, "ngaphambi kokuba uphume esibelethweni."

1:6 *Noma, "ngisemncane."

phezu kwemibuso, ukuze usi-
phule futhi udilize, ubhubhi-
se futhi ubhidlize, wakhe futhi
utshale."[a]
11 Izwi likaJehova laphinde
lafika kimi, lathi: "Ubonani, Je-
remiya?" Ngakho ngathi: "Ngi-
bona igatsha lesihlahla som-ali-
mondi."*
12 UJehova wathi kimi:
"Ubone kahle, ngoba ngipha-
pheme ngokuphathelene nezwi
lami ukuze ngilifeze."
13 Izwi likaJehova lafika
kimi okwesibili, lathi: "Ubo-
nani?" Ngakho ngathi: "Ngibo-
na ibhodwe elibilayo,* umlo-
mo walo ufulathele inyakatho."
14 UJehova wabe esethi kimi:
"Kuyoqhamuka inhlekelele
enyakatho
Ngokumelene nazo zonke
izakhamuzi zakuleli zwe.[b]
15 Ngoba 'ngibiza zonke izi-
zwe zemibuso yasenyaka-
tho,' kusho uJehova,[c]
'Zizofika; yileso naleso si-
beke isihlalo saso sobu-
khosi
Emasangweni aseJerusa-
lema,[d]
Zihlasele zonke izindonga
zalo nxazonke
Nawo wonke amadolobha
akwaJuda.[e]
16 Ngizomemezela izahlulelo
zami ngokumelene nabo
ngenxa yabo bonke ububi
babo,
Ngoba bangishiyile,[f]
Bashunqisela abanye onku-
lunkulu umusi womhla-
tshelo[g]
Bakhothamela imisebenzi
yezandla zabo.'[h]
17 Kodwa wena kufanele
ubhukule,*
Kumele usukume ubatshele
konke engikuyala ngakho.
Ungabesabi,[a]
Ukuze ngingakwenzi uthu-
thumele phambi kwabo.
18 Ngoba namuhla ngikwenze
waba yidolobha elinezivi-
kelo eziqinile,
Insika yensimbi nezindonga
zethusi ngokumelene nalo
lonke leli zwe,[b]
Emakhosini akwaJuda na-
sezikhulwini zakhona,
Kubapristi bakhona naku-
bantu bezwe.[c]
19 Nakanjani bazolwa nawe,
Kodwa ngeke bakunqobe,
Ngoba 'mina nginawe,'[d] ku-
sho uJehova, 'ukuba ngi-
kusindise.' "

2 Izwi likaJehova lafika kimi,
lathi: 2 "Hamba uyome-
mezela eJerusalema, uthi, 'Yi-
lokhu uJehova akushoyo:
"Ngiyikhumbula kahle
indlela owawuzinikele*
ngayo ekuqaleni,[e]
Uthando owawunalo nge-
sikhathi uthenjiswe um-
shado,[f]
Indlela owangilandela nga-
yo ehlane,
Ezweni okwakungatshalwa-
nga mbewu kulo.[g]
3 U-Israyeli wayengcwele ku-
Jehova,[h] eyisivuno sakhe
sokuqala." '
'Noma ubani omlimazayo
wayeba necala.
Wayefikelwa yinhlekelele,'
kusho uJehova."[i]
4 Yizwa izwi likaJehova,
wena ndlu kaJakobe,
Nani nonke mindeni yendlu
ka-Israyeli.

1:11 *NgesiHebheru, "igatsha lovukayo." 1:13 *NgesiHebheru, "elivuthelwayo," okubonisa ukuthi kunomlilo ovuthayo ngaphansi.

1:17 *NgesiHebheru, "ubophe izinkalo zakho." 2:2 *Noma, "owawuqotho."

ISAHL. 1
a Jer 18:7-10; Jer 24:5, 6
b Jer 6:1; Jer 10:22
c Jer 5:15; Jer 6:22; Jer 25:9
d Jer 39:3
e Dut 28:52; Jer 34:22; Jer 44:6
f Jos 24:20; 2Kh 22:17; 2Kr 7:19, 20
g Hez 8:10, 11; Hos 11:2
h Isay 2:8

Uhla 2
a Hez 2:6
b Jer 15:20; Jer 20:11; Hez 3:8; Mik 3:8
c Jer 26:12
d Gen 28:15; Eks 3:12; Jos 1:5

ISAHL. 2
e Hos 2:15
f Eks 24:3
g Dut 2:7
h Eks 19:6; Dut 7:6
i Eks 17:8, 13

5 Yilokhu uJehova akushoyo:
“Yiliphi iphutha okhokho benu abalithola kimi,[a]
Okwabenza baqhelelana kangaka nami,
Balandela izithixo eziyize[b] baba yize nabo ngokwabo?[c]
6 Abazange babuze bathi, ‘Uphi uJehova,
Lowo owasikhipha ezweni laseGibhithe,[d]
Owasihola ehlane,
Ezweni eliwugwadule[e] nelinemigodi,
Ezweni elingenamanzi[f] nelobumnyama,
Ezweni okungahambi muntu kulo
Nokungahlali muntu kulo?’
7 Nganiletha ezweni elivundile,
Ukuze nidle izithelo zalo nezinto zalo ezinhle.[g]
Kodwa nafike nalingcolisa izwe lami;
Nenza ifa lami laba yinto enyanyekayo.[h]
8 Abapristi abazange babuze bathi, ‘Uphi uJehova?’[i]
Labo abaphatha uMthetho babengangazi,
Abelusi badlubulunda kimi,[j]
Abaprofethi baprofetha ngoBhali,[k]
Balandela onkulunkulu abangasizi ngalutho.
9 ‘Ngakho ngizoqhubeka ngilwa nani,’[l] kusho uJehova,
‘Futhi ngizolwa nabantwana babantwana benu.’
10 ‘Kodwa welelani emazweni angasogwini lwaseKitimi*[m] nibone.
Yebo, thumelani eKhedari[n] nicabangisise;
Nibone ukuthi into enjengalena ike yenzeka yini.
11 Ingabe isizwe sike sibashintshe yini onkulunkulu sithathe labo abangebona onkulunkulu baso?
Kodwa abantu bami bashiye inkazimulo yami bakhetha into engasizi ngalutho.[a]
12 O mazulu, kugqolozeleni lokhu nimangele;
Thuthumelani ngokwesaba okukhulu,’ kusho uJehova,
13 ‘Ngoba kukhona izinto ezimbili ezimbi abantu bami abazenzile:
Bangishiyile mina mthombo wamanzi aphilayo,[b]
Bazimbela* eyabo imithombo,
Imithombo engenamanzi.’
14 ‘Ingabe u-Israyeli uyinceku noma uyisigqila esizalelwe endlini yenkosi yaso?
Pho kungani ephathwa njengesigqila?
15 Amabhongo amabhubesi* ayabhonga ngokumelene naye;[c]
Aphakamise izwi lawo.
Enze izwe lakhe laba yinto ethusayo.
Amadolobha akhe ashiswe ngomlilo, akusekho muntu ohlala khona.
16 Abantu baseNofi*[d] nabaseThahipanesi[e] bagunda# ukhakhayi lwekhanda lakho.
17 Akuwena yini ozibangele lokhu
Ngokushiya uJehova uNkulunkulu wakho[f]

ISAHL. 2
a Isay 5:4; Mik 6:3
b Dut 32:21
c Hu 115:4, 8
d Eks 14:30
e Dut 1:1; Dut 32:9, 10
f Dut 8:14, 15
g Num 13:26, 27; Dut 6:10, 11; Dut 8:7-9
h Lev 18:24; Num 35:33; Hu 78:58; Hu 106:38; Jer 16:18
i 1Sa 2:12; IsiL 4:13
j Hez 34:7, 8
k 1Kh 18:19; Jer 23:13
l Hez 20:35; Mik 6:2
m Gen 10:2, 4
n Gen 25:13; Hu 120:5; Jer 49:28

Uhla 2
a Hu 106:20
b Hu 36:9; Jer 17:13; IsA 22:1
c Isay 5:29; Jer 4:7
d Jer 46:19
e Jer 43:4, 7; Jer 46:14; Hez 30:18
f 1Kr 28:9; 2Kr 7:19, 20

**2:10** * Noma, “welelani eziqhingini zaseKitimi.”

**2:13** * Noma, “Baziqophela,” cishe edwaleni. **2:15** * Noma, “Amabhubesi asemancane anomhlwenga.” **2:16** * Noma, “baseMemfisi.” # Noma, “badla.”

Ngesikhathi ekuhola endle-
leni?
18 Manje kungani ulangazelela
indlela eya eGibhithe[a]
Ukuze uphuze amanzi ase-
Shihori?*
Kungani ulangazelela indle-
la eya e-Asiriya[b]
Ukuze uphuze amanzi
oMfula?#
19 Ububi bakho kufanele bu-
kulungise,
Nokungathembeki kwakho
kufanele kukusole.
Yazi, ubone ukuthi kubi fu-
thi kudabukisa kanjani[c]
Ukushiya uJehova uNkulu-
nkulu wakho;
Awuzange ungesabe,'[d] ku-
sho iNkosi EnguMbusi,
uJehova wamabutho.
20 'Ngoba ngaliphihliza kudala
ijoka lakho[e]
Ngagqabula ozankosi ba-
kho.
Kodwa wathi: "Ngeke ngi-
kukhonze,"
Ngoba wawulala uzeneke
kuwo wonke amagquma
aphakeme
Nangaphansi kwazo zonke
izihlahla ezikhephuzela-
yo,[f] ufeba.[g]
21 Ngakutshala uyinsimu ya-
magilebhisi abomvu ekhe-
thelo,[h] wonke engawe-
mbewu enhle;
Ngakho wonakale kanjani,
washintsha waba amagile-
bhisi asendle?'[i]
22 'Ngisho noma ubungageza
ngesoda* nangensipho
eningi,
Icala lakho beliyohlale li-
yibala elingasuki phambi
kwami,'[j] kusho iNkosi
EnguMbusi uJehova.

2:18 *Okuwukuthi, umfula othelela emfuleni iNayile. #Okuwukuthi, i-Ewufrathe. 2:22 *Noma, "nge-alikhali."

ISAHL. 2
a Isay 30:2; Isay 31:1; IsiL 5:6; Hez 16:26; Hez 17:15
b 2Kh 16:7; Hos 5:13
c Jer 4:18
d Jer 5:22
e Lev 26:13
f 1Kh 14:22, 23; Hez 6:13
g Eks 34:15; Hez 16:15, 16
h Eks 15:17; Hu 80:8; Isay 5:1
i Isay 5:4
j Jer 16:17

Uhla 2
a Jer 18:12
b Isay 2:6; Jer 3:13
c Jer 44:17
d Ezr 9:7
e Isay 44:13

23 Ungasho kanjani ukuthi,
'Angizingcolisanga.
Angizange ngibalandele
oBhali'?
Bheka indlela yakho esigo-
dini.
Cabanga ngalokho okwe-
nzile.
Ufana nekamela lensikazi
eliselincane elinejubane
Eligijima ngokungenanhlo-
so lehla lenyuka ezindle-
leni zalo,
24 Imbongolo yasendle ejwa-
yele ihlane,
Ehogela ifuna inkunzi iqhu-
tshwa yinkanuko.
Ubani ongayinqanda lapho
isifuna ukukhwelwa?
Ayikho inkunzi kulezo ezi-
yifunayo okuyodingeka
izikhathaze.
Ziyoyithola ngenyanga*
yayo yokukhwelwa.
25 Israyeli, ungaphuculi izi-
nyawo zakho,
Noma uzibulalise ngokoma
ulokhu ugijimisa izinto
ezingazuzisi.
Kodwa wathi, 'Akusizi![a]
Cha, sengithanda abanye
onkulunkulu,*[b]
Ngizolandela bona.'[c]
26 Njengesela elinamahloni la-
pho libanjwa,
Kanjalo nendlu ka-Israyeli
ihlaziwe,
Yona namakhosi ayo nezi-
khulu zayo
Abapristi bayo nabaprofe-
thi bayo.[d]
27 Bathi esihlahleni, 'Unguba-
ba,'[e]
Nasetsheni, 'Wena ungize-
le.'
Kodwa mina bangifulathele

2:24 *Noma, "ngenkathi." 2:25 *Noma, "izihambi."

kunokuba baphendukele kimi.[a]
Ngesikhathi senhlekelele yabo bayothi,
'Vuka usisindise!'[b]
28 Manje baphi onkulunkulu bakho ozenzele bona?[c]
Mabavuke uma bekwazi ukukusindisa ngesikhathi senhlekelele yakho,
Ngoba onkulunkulu bakho sebelingana namadolobha akho Juda ngobuningi.[d]
29 'Kungani niqhubeka nilwa nami?
Kungani nina nonke ningivukele?'[e] kusho uJehova.
30 Ngishaye amadodana enu kodwa kwaba nhlanga zimuka nomoya.[f]
Awavumanga ukwamukela isiyalo;[g]
Inkemba yenu idle abaprofethi benu,[h]
Njengebhubesi elibangela umonakalo.
31 O sizukulwane, zihloleleni nina izwi likaJehova.
Ingabe sengifana nehlane ku-Israyeli
Noma izwe lobumnyama obukhulu?
Kungani abantu bami bethe, 'Sizula ngenkululeko.
Ngeke siseza kuwe'?[i]
32 Intombi ingayikhohlwa yini imihlobiso yayo,
Nomakoti imigexo yakhe yokuhloba?*
Nokho abantu bami bangikhohlwe izinsuku eziningi.[j]
33 O wena wesifazane, unekhono lokufuna amadoda azokuthanda!
Uzifundise ukukhohlakala.[k]
34 Ngisho nemiphetho yezingubo zakho ichaphazelwe yigazi labampofu abangenacala,[a]
Nakuba ngingalitholanga lapho kugqekezwe khona;
Lisemiphethweni yezingubo zakho.[b]
35 Kodwa uthi, 'Anginacala.
Ngokuqinisekile, intukuthelo yakhe isukile kimi.'
Manje ngiyakwahlulela
Ngoba uthi, 'Angonanga.'
36 Kungani uyithatha kancane inkambo yakho engazinzile?
Uyoba namahloni nange-Gibhithe,[c]
Njengoba nje waba namahloni nge-Asiriya.[d]
37 Ngenxa yalesi sizathu uyophuma uthwele izandla ekhanda,[e]
Ngoba uJehova ubalahlile labo othembele kubo;
Ngeke bakuphumelelise."

3 Kukhona isisho esithi: "Uma indoda ilahla umkayo bese ehamba athathwe ngenye indoda, kufanele yini iphinde imlande abuyele kuyo?"
Lelo zwe alingcoliswanga yini?[f]
"Wena ufebe namashende amaningi,[g]
Ingabe manje kufanele ubuyele kimi?" kusho uJehova.
2 "Phakamisela amehlo akho emagqumeni aqothukile ubone.
Yikuphi lapho ungazange udlwengulwe khona?
Uwalinde eceleni kwezindlela amashende akho,
Njengonozulane* ehlane.
Uqhubeka ungcolisa izwe

2:32 *Noma, "ibhande lakhe lokuhloba ngosuku lomshado?"

3:2 *NgesiHebheru, "NjengomArabhu."

ISAHL. 2
a 2Kr 29:6; Jer 32:33
b Hlu 10:13-15; Hu 78:34; Hu 106:47; Isay 26:16; Hos 5:15
c Dut 32:37, 38
d Jer 11:13
e Jer 5:1; Jer 9:2; Dan 9:11
f 2Kr 28:20-22; Isay 9:13
g Isay 1:5; Jer 5:3; Zef 3:2
h 2Kr 36:15, 16; Neh 9:26; IzE 7:52
i Dut 32:15
j Hu 106:21; Isay 17:10; Jer 18:15; Hos 8:14
k 2Kr 33:9

Uhla 2
a 2Kh 21:16; Hu 106:38; Isay 10:1, 2; Mat 23:35
b Eks 22:2
c Isay 30:3; Jer 37:7
d 2Kr 28:20, 21
e 2Sa 13:19

ISAHL. 3
f Isay 24:5; Jer 2:7
g Jer 2:20; Hez 16:28, 29

Ngobufebe bakho nangobu-
bi bakho.[a]
3 Ngakho izihlambi zemvula
zigodliwe,[b]
Ayikho imvula entwasa-
hlobo.
Unobuso obungenamahlo-
ni* bomfazi ofebayo;
Uyenqaba ukuba nama-
hloni.[c]
4 Kodwa manje uyangimeme-
za uthi,
'Baba, wena ungumngani
wami kwasebusheni
bami![d]
5 Ingabe kufanele uhlale
ucasukile kuze kube pha-
kade,
Noma uhlale ubambe igqu-
bu?'
Yilokhu okushoyo,
Kodwa uqhubeka wenza zo-
nke izinto ezimbi okwazi
ukuzenza."[e]

6 Ezinsukwini zeNkosi uJo-
siya,[f] uJehova wathi kimi:
"'Ukubonile yini lokho u-Isra-
yeli ongathembekile akwenzi-
le? Ukhuphukele kuzo zonke
izintaba eziphakeme, waya na-
ngaphansi kwazo zonke izi-
hlahla ezikhephuzelayo ukuze
ayofeba khona.[g] 7 Ngisho na-
ngemva kokuba esenze zonke
lezi zinto, ngangilokhu ngithi
kufanele abuyele kimi,[h] kodwa
akazange abuye; uJuda yena
waqhubeka ebukele udadewa-
bo okhohlisayo.[i] 8 Lapho ngi-
kubona lokho, ngamxosha
u-Israyeli ongathembekile nga-
mnika isitifiketi sedivosi[j] nge-
nxa yokuphinga kwakhe.[k] Ko-
dwa udadewabo okhohlisayo
uJuda akazange esabe; naye
waphuma wayofeba.[l] 9 Ubu-
febe bakhe wabuthatha kalu-
la, waqhubeka engcolisa izwe,
ephinga namatshe nezihlahla.[m]
10 Naphezu kwakho konke lo-
khu, udadewabo okhohlisayo
uJuda akazange abuyele kimi
ngayo yonke inhliziyo yakhe,
wabuya ngobuzenzisi kuphela,'
kusho uJehova."
11 UJehova wabe esethi
kimi: "U-Israyeli ongathembe-
kile uzibonise elunge nga-
phezu kukaJuda okhohlisayo.[a]
12 Hamba umemezele la ma-
zwi enyakatho uthi:[b]
"'"O Israyeli oyisihlubuki,
buya," kusho uJehova.'[c] '"Nge-
ke ngikubukele phansi ngoku-
thukuthela,*[d] ngoba mina ngi-
qotho," kusho uJehova.' '"Nge-
ke ngihlale ngicasukile kuze
kube phakade. 13 Kuphela
nje vuma icala lakho, ngoba
uvukele uJehova uNkulunkulu
wakho. Waqhubeka ulala* nezi-
hambi# ngaphansi kwazo zonke
izihlahla ezikhephuzelayo, ko-
dwa awulilalelanga izwi lami,"
kusho uJehova.'"
14 "O nina madodana ahlu-
bukayo, buyani," kusho uJeho-
va. "Ngoba ngiyinkosi yenu*
yangempela; ngizonithatha,
oyedwa edolobheni nababili
emndenini, nginilethe eZiyoni.[e]
15 Ngizoninika abelusi abe-
nza ngokuvumelana nentando*
yami,[f] bazonondla ngolwazi na-
ngokuqonda. 16 Niyoba bani-
ngi nithele izithelo ezweni nga-
lezo zinsuku," kusho uJehova.[g]
"Ngeke nisasho ukuthi, 'Um-
phongolo wesivumelwano sika-
Jehova!' Ngeke usafika enhli-
ziyweni, ngeke nisawukhu-
mbula, futhi ngeke usenzi-
wa. 17 Ngaleso sikhathi iJe-
rusalema liyobizwa ngokuthi

**3:3** *NgesiHebheru, "Unesiphongo."

**3:12** *NgesiHebheru, "ngenze ubuso bami bukunyukubalele." **3:13** *Noma, "ufeba." #Noma, "nonkulunkulu bezinye izizwe." **3:14** *Noma kungaba, "ngingumyeni wenu." **3:15** *Noma, "nenhliziyo."

ISAHL. 3
a Hez 16:16 Hez 20:28
b Lev 26:19 Jer 14:4 Amo 4:7
c Jer 6:15
d Jer 2:2
e Mik 2:1 Mik 7:3
f 2Kh 22:1
g Hez 20:28 Hos 4:13
h 2Kh 17:13 2Kr 30:6 Hos 14:1
i Hez 16:46 Hez 23:2, 4
j Dut 24:1
k Hez 23:4, 5, 9 Hos 2:2 Hos 9:15
l 2Kh 17:19 Hez 23:4, 11
m Isay 57:5, 6 Jer 2:27

Uhla 2
a Hez 16:51 Hez 23:4, 11
b 2Kh 17:6 Jer 23:8
c Jer 4:1 Hez 33:11 Hos 14:1
d Hos 11:8, 9
e Jer 23:3
f Jer 23:4 Hez 34:23
g Hos 1:10

yisihlalo sobukhosi sikaJeho-
va;[a] zonke izizwe ziyoqoqelwa
ndawonye egameni likaJehova
eJerusalema,[b] ngeke zisalande-
la izinhliziyo zazo ezimbi nge-
nkani."

18 "Ngalezo zinsuku bayo-
hamba ndawonye, indlu kaJu-
da eceleni kwendlu ka-Israyeli,[c]
bebonke bayophuma ezweni la-
senyakatho bangene ezweni
engalinika okhokho benu nje-
ngefa.[d] 19 Ngacabanga, 'Yeka
indlela engakubeka ngayo pha-
kathi kwamadodana, ngakuni-
ka izwe elihle, ifa elihle kakhu-
lu phakathi kwezizwe!'*[e] Nga-
ngicabanga nokuthi uzongi-
biza ngokuthi, 'Baba!' noku-
thi ngeke uyeke ukungilande-
la. 20 'Ngempela njengomfa-
zi oshiya umyeni* wakhe ngo-
kukhohlisa, kanjalo nawe ndlu
ka-Israyeli usebenzelane nami
ngokukhohlisa,'[f] kusho uJeho-
va."

21 Emagqumeni aqothukile kuzwakale umsindo,
Ukukhala nokuncenga kwama-Israyeli,
Ngoba asonte indlela yawo;
Amkhohliwe uJehova uNkulunkulu wawo.[g]

22 "Buyani, nina madodana ahlubukayo.
Ngizoyelapha inhliziyo yenu ehlubukayo."[h]
"Yithi laba! Size kuwe,
Ngoba wena Jehova, unguNkulunkulu wethu.[i]

23 Sizikhohlisile lapho sibanga umsindo emagqumeni nasezintabeni.[j]
Ngempela insindiso ka-Israyeli ikuJehova uNkulunkulu wethu.[k]

24 Kusukela ebusheni bethu unkulunkulu ongelusizo lwalutho uzithathe zonke izinto okhokho bethu abazisebenzele kanzima,[a]
Imihlambi yabo yezimvu neyezinkomo,
Amadodana abo namadodakazi abo.

25 Masilale phansi ehlazweni lethu,
Ihlazo lethu malisemboze,
Ngoba sonile kuJehova uNkulunkulu wethu,[b]
Thina nobaba kusukela ebusheni bethu kuze kube namuhla,[c]
Asililalelanga izwi likaJehova uNkulunkulu wethu."

4 "O Israyeli, uma uzobuya," kusho uJehova,
"Uma uzobuyela kimi
Uma uzozisusa phambi kwami izithixo zakho ezinyanyekayo,
Khona-ke ngeke ube umbaleki.[d]

2 Uma ufunga ngeqiniso, ngobulungisa nangokulunga uthi,
'Kuphila kukaJehova!'
Khona-ke izizwe ziyozitholela isibusiso kuye,*
Ziyoziqhayisa ngaye."[e]

3 Ngoba yilokhu uJehova akushoyo kubantu bakwaJuda naseJerusalema:

"Zilimeleni umhlabathi ovundile,
Ningalokhu nitshala phakathi kwameva.[f]

4 Njengoba nje ukusoka kususa ukungcola emzimbeni,
Hlanzani izinhliziyo zenu phambi kukaJehova,[g]

ISAHL. 3
a Hu 87:3; Hez 43:7
b Isay 2:2, 3; Isay 56:6, 7; Isay 60:3; Mik 4:1, 2; Zak 2:11; Zak 8:22, 23
c Jer 50:4; Hez 37:19; Hos 1:11
d 2Kr 36:23; Ezr 1:3; Amo 9:15
e Hez 20:6
f Isay 48:8; Hos 3:1; Hos 5:7
g Isay 17:10; Hos 8:14; Hos 13:6
h Hos 14:1, 4
i Jer 31:18; Hos 3:5
j Isay 65:7
k Isay 12:2

Uhla 2
a Hos 9:10
b Jer 2:19
c Ezr 9:7; Hu 106:7

ISAHL. 4
d Jer 3:22; Jow 2:12, 13
e Isay 65:16
f Hos 10:12
g Jer 9:25, 26

3:19 *NgesiHebheru, "lamabutho ezizwe." 3:20 *NgesiHebheru, "umngani."

4:2 *Okuwukuthi, uJehova.

Nina bantu bakwaJuda
nani zakhamuzi zaseJerusalema,
Ukuze intukuthelo yami
ingagqamuki njengomlilo
Ivuthe kungenamuntu ozoyicima,
Ngenxa yezenzo zenu ezimbi."[a]
5 Kumemezeleni kwaJuda,
nikumemezele naseJerusalema.
Memezani, nishaye uphondo kulo lonke izwe.[b]
Memezani kakhulu nithi:
"Buthanani,
Masibalekele emadolobheni
anezivikelo eziqinile.[c]
6 Misani isigxobo* esikhomba indlela eya eZiyoni.
Funani indawo yokukhosela, ningami ningenzi lutho,"
Ngoba ngiletha inhlekelele
evela enyakatho,[d] isibhicongo esikhulu.
7 Uphume njengebhubesi liphuma ehlathini lalo;[e]
Lowo obhubhisa izizwe
uphumile.[f]
Uphumile endaweni yakhe
ukuze enze izwe lakho
libe yinto eshaqisayo.
Amadolobha akho ayoba
amanxiwa angahlali muntu.[g]
8 Ngakho, gqokani indwangu yesaka,[h]
Lilani* nikhale kakhulu,
Ngoba intukuthelo evuthayo kaJehova ayikasuki kithi.
9 "Ngalolo suku," kusho uJehova, "inkosi iyoshaywa
uvalo,*[i]
Nezikhulu zishaywe uvalo;
Abapristi bayokwethuka,
abaprofethi bona bayomangala."[a]
10 Ngathi: "Maye Nkosi EnguMbusi Jehova! Impela usikhohlise ngokuphelele lesi sizwe[b] kanye neJerusalema, wathi, 'Nizoba nokuthula,'[c] kuyilapho inkemba isemqaleni wethu."
11 Ngaleso sikhathi kuyothiwa kulesi sizwe naseJerusalema:
"Umoya ohangulayo ovela
emagqumeni aqothukile
asogwadule
Uyophephula indodakazi*
yabantu bami;
Awuzelanga ukuzohlunga
noma ukuhlanza.
12 Lo moya onamandla uza
uvela kulezi zindawo ngezwi lami.
Manje ngizomemezela izahlulelo kubo.
13 Bheka! Isitha sizofika njengamafu emvula,
Izinqola zaso zinjengesiphepho.[d]
Amahhashi aso anejubane
elidlula elezinkozi.[e]
Maye kithi, ngoba siqothuliwe!
14 O Jerusalema, hlanza ububi obusenhliziyweni yakho, ukuze usindiswe.[f]
Kuyoze kube nini ufukamele imicabango emibi?
15 Ngoba izwi liletha umbiko
livela kwaDani,[g]
Limemezela inhlekelele ezintabeni zakwa-Efrayimi.
16 Kubikeni ezizweni;
Kumemezeleni ngokumelene neJerusalema."

**4:6** *Noma, "isibonakaliso." **4:8** *Noma, "Zishayeni izifuba." **4:9** *Noma, "inhliziyo yenkosi iyophela amandla."

**4:11** *Isenzasamuntu esiyinkondlo, mhlawumbe esibonisa ukuzwelana nothile.

ISAHL. 4
a IsiL 4:11
b Jer 6:1
c Jer 35:11
d Jer 1:14; Jer 21:7; Jer 25:9
e 2Kh 24:1; 2Kh 25:1; Jer 5:6; Jer 50:17
f Hez 26:7
g Isay 5:9; Isay 6:11; Jer 2:15; Jer 9:11
h Jer 6:26
i 2Kh 25:5

Uhla 2
a Isay 29:9, 10
b Hez 14:9
c Jer 6:13, 14; Jer 14:13; Jer 23:16, 17
d Isay 5:26, 28
e Dut 28:49, 50; IsiL 4:19; Hab 1:8
f Isay 1:16; Hez 18:31
g Jer 8:16

"Kuza abalindi* bevela
ezweni elikude,
Bayophakamisa amazwi
abo ngokumelene namadolobha akwaJuda.
17 Bayohlasela iJerusalema
beqhamuka nhlangothi
zonke njengabaqaphi bensimu engabiyelwe,[a]
Ngoba lidlubulundile
kimi,"[b] kusho uJehova.
18 "Izindlela zakho nezenzo
zakho ziyolethwa kuwe.[c]
Iyadabukisa inhlekelele
ekwehlelayo,
Ngoba ifinyelela khona kanye enhliziyweni yakho!"
19 O usizi lwami,* usizi lwami!
Ngizwa ubuhlungu obukhulu enhliziyweni# yami.
Inhliziyo yami ishaya ngamandla ngaphakathi kimi.
Angikwazi ukuthula,
Ngoba ngizwe umsindo wophondo,
Inhlabamkhosi yempi.[d]
20 Kubikwe inhlekelele ngemva kwenhlekelele,
Ngoba lonke izwe libhujisiwe.
Amatende ami abhidlizwe
ngokuzumayo,
Izindwangu zami zamatende ngomzuzwana.[e]
21 Kuyoze kube nini ngilokhu
ngibona isigxobo* esikhomba indlela eya eZiyoni,
Ngilokhu ngizwa umsindo
wophondo?[f]
22 "Ngoba abantu bami bayiziwula;[g]
Abangiqapheli.
Bangamadodana ayizilima,
angaqondi.
Bahlakaniphele ukwenza
okubi,
Kodwa abakwazi ukwenza
okuhle."
23 Ngabona izwe, bheka! lalingenalutho lingamanxiwa.[a]
Ngabheka emazulwini, ukukhanya kwawo kwakungasekho.[b]
24 Ngabona izintaba, bheka!
zazizamazama,
Namagquma ayenyakaza.[c]
25 Ngabona, bheka! kwakungenamuntu,
Nazo zonke izinyoni zamazulu zazibalekile.[d]
26 Ngabona, bheka! izwe elithelayo lase liphenduke
ihlane,
Namadolobha alo ayebhidliziwe.[e]
Lokhu kwakubangelwe
uJehova,
Ngenxa yentukuthelo yakhe evuthayo.
27 Ngoba yilokhu uJehova
akushoyo: "Izwe lonke liyoba yincithakalo,[f]
Kodwa ngeke ngiliqothule
ngokuphelele.
28 Ngenxa yalesi sizathu izwe
liyolila,[g]
Namazulu phezulu ayoba
mnyama.[h]
Kungenxa yokuthi ngikhulumile, nginqumile,
Ngeke ngiwushintshe
umqondo* futhi ngeke
ngiyeke ukukwenza.[i]
29 Ngenxa yomsindo wabagibeli bamahhashi nabacibishela imicibisholo,
Lonke idolobha liyabaleka.[j]
Abantu balo bangena emahlathini,
Bacaca emadwaleni.[k]

4:16 *Okuwukuthi, labo abaqaphe idolobha ukuze babone ukuthi bangalihlasela nini. 4:19 *NgesiHebheru, "amathumbu ami." #NgesiHebheru, "ezindongeni zenhliziyo." 4:21 *Noma, "isibonakaliso."

4:28 *Noma, "Ngeke ngizisole."

ISAHL. 4
a 2Kh 25:1, 2
b Isay 63:10 Hez 2:3
c Hu 107:17
d Zef 1:15, 16
e Jer 10:20
f Jer 6:1
g Dut 32:6 Jer 5:21

Uhla 2
a Jer 9:10
b Isay 5:30 Jow 2:31
c Isay 5:25
d Zef 1:3
e Dut 29:22, 23
f Lev 26:32 2Kr 36:20, 21 Isay 6:11 Jer 10:22 Hez 33:28
g Isay 24:4 Jow 1:10
h Isay 5:30 Jow 2:30, 31
i 2Kh 23:26 Hez 24:14
j 2Kh 25:4
k Isay 2:19

Wonke amadolobha ashiyiwe,
Akukho muntu ohlala kuwo."

30 Manje njengoba usucekelwe phansi, uzokwenzenjani?
Wawuvame ukugqoka okubomvu,
Ukuvunula ngemihlobiso yegolide,
Nokupenda amehlo akho ngesimonyo esimnyama.
Kodwa wawuzenza muhle ngeze,[a]
Ngoba labo ababekukhanukela bakwalile;
Manje sebefuna ukukubulala.[b]

31 Ngoba ngizwe izwi elinjengelowesifazane ogulayo,
Usizi olunjengolowesifazane obeletha ingane yakhe yokuqala,
Izwi lendodakazi yaseZiyoni elokhu ibitoza ifuna umoya.
Njengoba yeneka izintende zezandla zayo ithi:[c]
"Maye kimi, ngoba ngikhathele ngenxa yababulali!"

5 Zulazulani emigwaqweni yaseJerusalema.
Qalazani nibone.
Funani ezigcawini zalo ukuze nibone
Ukuthi ningamthola yini umuntu owenza ngobulungisa,[d]
Umuntu ozama ukwethembeka,
Khona-ke ngizolithethelela.

2 Ngisho noma bethi: "Kuphila kukaJehova!"
Bayobe befunga amanga wodwa.[e]

3 O Jehova, amehlo akho awabheki yini ukwethembeka?[f]

ISAHL. 4
a Hez 23:22, 26
b IsiL 1:2
c IsiL 1:17

ISAHL. 5
d Hez 22:29
Mik 7:2
e Isay 48:1
f 2Kr 16:9

Uhla 2
a 2Kr 28:20-22
Jer 2:30
b Zak 7:11
c Hu 50:17
Isay 42:24, 25
Hez 3:7
Zef 3:2
d Mik 3:1
e Ezr 9:6
Isay 59:12
Hez 23:19
f Jos 23:6, 7
Jer 2:11
Jer 12:16
Zef 1:4, 5

Ubashayile, kodwa akubanga namphumela.*
Ucishe wabaqothula, kodwa benqabile ukwamukela isiyalo.[a]
Baqinise amakhanda abo,#[b]
Benqabile ukubuyela kuwe.[c]

4 Kodwa ngathi: "Kumele ukuba laba bangabantukazana.
Benza ngobuwula, ngoba abayazi indlela kaJehova,
Isahlulelo sikaNkulunkulu wabo.

5 Ngizoya emadodeni avelele ngikhulume nawo,
Ngoba kumele ukuba wona ayiqaphelile indlela kaJehova,
Isahlulelo sikaNkulunkulu wawo.[d]
Kodwa wonke ayeliphulile ijoka
Agqashula nezibopho."*

6 Yingakho ibhubesi lehlathi libahlasela,
Impisi yasemathafeni awugwadule ilokhu ibadephuna,
Ingwe ilala ingalele emadolobheni abo.
Wonke umuntu ophuma khona uyadwengulwa.
Ngoba izono zabo ziningi;
Izenzo zabo zokungathembeki ziyinqwaba.[e]

7 Ngingakuthethelela kanjani ngenxa yalokhu?
Amadodana akho angishiyile,
Afunga lokho okungeyena uNkulunkulu.[f]
Ngazanelisa izidingo zawo,
Kodwa aqhubeka ephinga,

---

5:3 *NgesiHebheru, "abazange babe buthaka." #NgesiHebheru, "Benze ubuso babo baba lukhuni kunedwala."
5:5 *NgesiHebheru, "namabhande."

Athutheleka endlini yesi-
febe.
8 Afana namahhashi aqhu-
tshwa yinkanuko,
Yileyo naleyo ikhalisa
okwehhashi ilandela
umfazi wenye indoda.[a]
9 "Akufanele yini ngibahlule-
le ngenxa yalezi zinto?"
kusho uJehova.
"Akufanele yini ngiziphindi-
selele esizweni esinjenga-
lesi?"[b]
10 "Wozani nihlasele amasimu
amagilebhisi eJerusalema
niwenze incithakalo,
Kodwa ningawaqothuli ngo-
kuphelele.[c]
Nqumani amagatsha akho-
na amancane,
Ngoba akuwona akaJe-
hova.
11 Ngoba indlu ka-Israyeli ne-
ndlu kaJuda
Zingikhohlise ngokuphele-
le," kusho uJehova.[d]
12 "Zimphikile uJehova, zilo-
khu zithi,
'Ngeke enze lutho.*[e]
Akukho nhlekelele ezose-
hlela;
Akukho nkemba nandlala
esizokubona.'[f]
13 Abaprofethi bakhuluma
into engekho,
Izwi likaNkulunkulu alikho
kubo.
Bayokwenziwa ize njenga-
mazwi abo."
14 Ngakho yilokhu uJehova,
uNkulunkulu wamabutho
akushoyo:
"Ngenxa yokuthi laba bantu
basho lokhu,
Ngenza amazwi ami abe
umlilo emlonyeni wakho,[g]
Lesi sizwe siyizinkuni,
Umlilo uzosishwabadela."[h]

5:12 * Noma kungaba, "Akekho."

15 "Nginilethela isizwe esivela
kude, nina ndlu ka-Israye-
li,"[a] kusho uJehova.
"Siyisizwe osekukudala si-
khona.
Isizwe sasendulo,
Isizwe esikhuluma ulimi
eningalwazi,
Ngeke nikuqonde esiku-
shoyo.[b]
16 Umgodla wemicibisholo
yaso unjengethuna elivu-
lekile;
Wonke amadoda akhona
angamaqhawe.
17 Ayosidla isivuno sakho ne-
sinkwa sakho.[c]
Ayowabulala amadodana
akho namadodakazi akho.
Ayoyithatha imihlambi
yakho yezimvu neyezi-
nkomo.
Ayowadla amagilebhisi
akho nezihlahla zakho za-
makhiwane.
Ayowachitha amadolobha
akho anezivikelo eziqinile
othembele kuwo."
18 "Kodwa ngisho nangale-
zo zinsuku," kusho uJehova,
"ngeke nginiqothule ngokuphe-
lele.[d] 19 Lapho bebuza bethi,
'Kungani uJehova uNkulunku-
lu wethu enze zonke lezi zinto
kithi?' kufanele ubaphendule
uthi, 'Njengoba nje nimshiyi-
le uNkulunkulu wenu nakho-
nza unkulunkulu wesinye isi-
zwe ezweni lenu, kanjalo niyo-
khonza abantu besinye isizwe
ezweni okungelona elenu.'"[e]
20 Kumemezeleni endlini ka-
Jakobe lokhu,
Nikumemezele nakwaJuda,
nithi:
21 "Yizwani lokhu nina bantu
abayiziwula nabangena-
ngqondo:*[f]

5:21 * NgesiHebheru, "nina bantu abayiziwula abangenanhliziyo."

ISAHL. 5
a Hez 22:11
b Lev 26:25, Jer 9:9, Jer 44:22, Nah 1:2
c Lev 26:44, Jer 46:28
d Isay 48:8, Jer 3:20, Hos 5:7, Hos 6:7
e 2Kr 36:15, 16, Isay 28:15
f Jer 23:17
g Jer 1:9
h Jer 23:29

Uhla 2
a Jer 1:15, Jer 4:16, Jer 25:9, Hez 7:24, Hab 1:6
b Dut 28:49, 50
c Lev 26:16
d Jer 4:27
e Dut 4:27, Dut 28:48, Dut 29:24, 25, 2Kr 7:21, 22
f Jer 4:22

Banamehlo, kodwa aba-
boni;[a]
Banezindlebe, kodwa abe-
zwa.[b]
22 ‘Aningesabi yini?’ kusho
uJehova,
‘Akufanele yini nithuthu-
mele phambi kwami?
Yimi omise isihlabathi nje-
ngomngcele wolwandle,
Umthetho ongaguquki olu-
ngeke luweqe.
Nakuba amagagasi alo eji-
kijeleka ngamandla, nge-
ke enze lutho;
Nakuba ehlokoma, ngeke
akwazi ukudlulela ngale
kwaso.[c]
23 Kodwa laba bantu bane-
nhliziyo enenkani nedlu-
bulundayo;
Baphambukile bahamba
ngendlela yabo.[d]
24 Abasho enhliziyweni yabo
ukuthi:
“Manje masesabe uJehova
uNkulunkulu wethu,
Lowo osinika imvula nge-
nkathi yayo,
Imvula yasekwindla nemvu-
la yasentwasahlobo,
Lowo owenza isiqiniseko
sokuthi sinamasonto abe-
kiwe okuvuna.”[e]
25 Iziphambeko zenu zizivi-
mbile lezi zinto ukuba zi-
ngezi;
Izono zenu zinigodlele oku-
hle.[f]
26 Ngoba phakathi kwabantu
bami kukhona abantu
ababi.
Baqhubeka bebhekisisa,*
njengalapho abacuphi be-
zinyoni becathama.
Babeke isicupho esibula-
layo.
Babamba abantu.
27 Njengendlwana yezinyoni
egcwele izinyoni,
Kanjalo izindlu zabo zi-
gcwele inkohliso.[a]
Yingakho bebe namandla
baceba.
28 Bakhuluphele bayacwebe-
zela;
Bagcwele ububi.
Abayenzeli ubulungisa
intandane,[b]
Ukuze baphumelele;
Abamenzeli ubulungisa no-
mpofu.’ ”[c]
29 “Akufanele yini ngibahlule-
le ngenxa yalezi zinto?”
kusho uJehova.
“Akufanele yini ngiziphindi-
selele esizweni esinjenga-
lesi?
30 Kwenzeke into emangalisa-
yo nenyantisayo ezweni:
31 Abaprofethi baprofetha
amanga,[d]
Abapristi basebenzisa igu-
nya labo ukuze balawule
abanye.
Abantu bami bathanda
ukuba kube ngaleyo
ndlela.[e]
Kodwa niyokwenzenjani la-
pho ukuphela kufika?”

6 O madodana kaBhenjamini,
funani indawo yokukho-
sela, nisuke eJerusalema.
Shayani uphondo[f] eThe-
khowa;[g]
Basani umlilo ozoba wu-
phawu phezu kweBheti-
hakeremi!
Ngoba kuza inhlekelele ive-
la enyakatho, isibhicongo
esikhulu.[h]
2 Idolobha laseZiyoni lifana
nowesifazane omuhle no-
totoswayo.[i]
3 Kuzofika abelusi nemihla-
mbi yabo.
Bazogxumeka amatende
abo nxazonke zalo,[j]

5:26 *Noma, “besinga.”

ISAHL. 5
a Isay 59:10
b Isay 6:9; Hez 12:2; Mat 13:13
c Job 38:8, 11; Hu 33:7; IzA 8:29
d Hu 95:10; Jer 11:8
e Dut 11:14
f Dut 28:23, 24; Jer 3:3

Uhla 2
a Amo 8:5; Mik 6:11, 12
b Isay 1:23
c Hu 82:2
d Jer 14:14; IsiL 2:14; Hez 13:6
e Isay 30:10; Joh 3:19

ISAHL. 6
f Jer 4:5
g 2Kr 11:5, 6; Amo 1:1
h Jer 1:14; Jer 10:22
i Isay 3:16
j 2Kh 25:1

Ngamunye aklabise umhlambi wakhe.[a]
4 "Lungelani* ukulwa nalo!
Sukumani, masilihlasele emini!"
"Maye kithi, ngoba usuku seluyaphela,
Ngoba amathunzi okuhlwa alokhu eluleka!"
5 "Sukumani, masilihlasele ebusuku
Sichithe imibhoshongo yalo evikelekile."[b]
6 Ngoba yilokhu uJehova wamabutho akushoyo:
"Gawulani izihlahla nakhe indunduma yokuvimbezela iJerusalema.[c]
Liyidolobha okumele lijeziswe;
Phakathi kwalo kukhona ukucindezela kuphela.[d]
7 Njengoba umthombo ugcina amanzi ebanda,
Kanjalo nalo liwumthombo wobubi.
Kuzwakala udlame nokubhubhisa kulo;[e]
Ukugula nesifo kuhlale kuphambi kwami.
8 O Jerusalema, xwaya, uma kungenjalo ngizokufulathela nginengekile;[f]
Ngizokuphendula ihlane, izwe elingahlali muntu."[g]
9 Yilokhu uJehova wamabutho akushoyo:
"Bayokhothoza kungasali lutho ensalini ka-Israyeli njengamagilebhisi okugcina ezihlahleni.
Phinda welule isandla sakho njengomuntu ovuna amagilebhisi ezihlahleni."
10 "Obani okufanele ngikhulume nabo ngibaxwayise?
Ubani ozolalela?
Bheka! Izindlebe zabo zivalekile,* kangangokuba abakwazi ukulalela.[a]
Bheka! Izwi likaJehova liyinto edelelekile kubo;[b]
Abajabuli ngalo.
11 Ngakho ngigcwele intukuthelo njengoJehova,
Ngikhathele ukuzibamba."[c]
"Yithululele emntwaneni osemgwaqweni,[d]
Emaqenjini ezinsizwa abuthene.
Bayobanjwa bonke, indoda kanye nomkayo,
Amadoda amadala kanye namaxhegu.[e]
12 Izindlu zabo ziyonikezwa abanye abantu,
Kanye namasimu abo nabafazi babo.[f]
Ngoba ngiyokwelula isandla sami ngokumelene nezakhamuzi zezwe," kusho uJehova.
13 "Ngoba kusukela komncane kunabo bonke kuya komkhulu kunabo bonke, ngamunye uzitholela inzuzo ngokungathembeki;[g]
Kusukela kumprofethi kuya kumpristi, ngamunye uyakhwabanisa.[h]
14 Bazama ukwelapha amanxeba* abantu bami ngokunganaki,# bethi,
'Kukhona ukuthula! Kukhona ukuthula!'
Kube kungekho ukuthula.[i]
15 Ingabe banamahloni ngenxa yezinto ezinyanyekayo abazenzile?
Abanawo nhlobo amahloni!
Abazi ngisho nokuthi kunjani ukuphoxeka.[j]
Ngakho bayokuwa kanye nabawayo.

6:4 *NgesiHebheru, "Zingcweliseleni."

6:10 *NgesiHebheru, "Izindlebe zabo azisokiwe." 6:14 *Noma, "ukwephuka." #Noma, "kalula."

ISAHL. 6
a Jer 4:16, 17
b 2Kr 36:17, 19; Amo 2:5
c Hez 21:21, 22
d 2Kh 21:16; Hez 7:23
e Hez 7:11; Mik 2:2
f Hez 23:18
g Lev 26:34; Jer 9:11

Uhla 2
a Isay 6:10; IzE 7:51
b 2Kr 36:15, 16; Jer 20:8
c Jer 20:9
d Jer 18:21
e Hez 9:6
f Dut 28:30; Jer 8:10; IsiL 5:11; Zef 1:13
g Hez 22:12
h Jer 2:8; Jer 8:10-12; Jer 23:11; Mik 3:5, 11; Zef 3:4
i Jer 14:13; Jer 23:16, 17; Hez 13:10; 1Th 5:3
j Jer 3:3

Lapho ngibajezisa bayokhubeka," kusho uJehova.
16 Yilokhu uJehova akushoyo:
"Yimani ezimpambanweni zemigwaqo nibone.
Buzani ngemigwaqo yasendulo,
Buzani ukuthi ikuphi indlela enhle; nihambe ngayo,[a]
Nizitholele ukuphumula."
Kodwa bathi: "Ngeke sihambe ngayo."[b]
17 "Ngamisa abalindi[c] abathi,
'Qaphelani umsindo wophondo!' "[d]
Kodwa abantu bathi: "Ngeke siwunake."[e]
18 "Ngakho-ke yizwani nina zizwe!
Yazini nina bantu,
Ukuthi yini ezokwenzeka kubantu baseJerusalema.
19 Lalela mhlaba!
Ngiletha inhlekelele kulaba bantu[f]
Ngenxa yemicabango yabo emibi,
Ngoba abawanakanga amazwi ami
Nomthetho* wami bawenqabile."
20 "Nginandabani mina nokuthi niletha impepho evela eSheba
Nomhlanga onuka kamnandi ovela ezweni elikude?
Iminikelo yenu eshiswa ngokuphelele ayamukeleki,
Nemihlatshelo yenu ayingijabulisi."[g]
21 Ngakho-ke yilokhu uJehova akushoyo:
"Ngibekela laba bantu izikhubekiso,
Zizobakhuba,
Oyise namadodana ndawonye,
Umakhelwane nomngani wakhe,
Bazoshabalala bonke."[a]
22 Yilokhu uJehova akushoyo:
"Bheka! Kuza isizwe sivela ezweni elisenyakatho,
Isizwe esikhulu siyovuswa sivela ezindaweni ezikude kakhulu zomhlaba.[b]
23 Siyobe siphethe umnsalo nomkhonto.
Sinonya, ngeke sibe nasihe.
Izwi laso liyohlokoma njengolwandle,
Sigibele amahhashi.[c]
Sihlelelwe impi njengamadoda empi ngokumelene nawe ndodakazi yaseZiyoni."
24 Siwuzwile umbiko ngaso.
Izandla zethu ziyethile;[d]
Sifikelwe usizi,
Imihelo* enjengeyowesifazane obelethayo.[e]
25 Ningaphumi niye ensimini,
Ningahambi emgwaqweni,
Ngoba isitha siphethe inkemba;
Kukhona ukwethuka nxazonke.
26 O ndodakazi yabantu bakithi,
Gqoka indwangu yesaka[f] ubhuquze emlotheni.
Lila njengokungathi ulilela indodana okuwukuphela kwayo, ukhale kalusizi,[g]
Ngoba umbhubhisi uzosifikela ngokuzumayo.[h]
27 "Ngikwenze* umvivinyi wensimbi phakathi kwabantu bami,
Ofunisisa yonke indawo;
Kumele uqaphele uhlole indlela yabo.
28 Bonke bangabantu abanenkani kakhulu,[i]

ISAHL. 6
a Isay 30:21
b Jer 18:15
c Jer 25:4 Hez 3:17 Hab 2:1
d Isay 58:1
e Zak 7:11
f Dut 4:25, 26 Dan 9:12
g Isay 1:11 Isay 66:3 Jer 7:21 Amo 5:21

Uhla 2
a 2Kr 36:17 IsiL 2:21
b Jer 1:14 Jer 25:9
c Hab 1:8
d Hez 21:7
e Jer 4:31
f Jer 4:8
g IsiL 1:2, 16
h Jer 15:8
i Isay 30:1 Isay 48:4 Jer 5:23

6:19 * Noma, "Neziqondiso."

6:24 * Noma, "Ubuhlungu." 6:27 * Okuwukuthi, uJeremiya.

Bahambahamba njengaba-
nyundeli.[a]
Banjengethusi nensimbi;
Bonke bakhohlakele.
29 Isisebenzi sivuthela umlilo
ukuze sicwengisise isiliva;
Indawo yokucwenga iyashi-
sa kodwa kuphuma um-
thofu kuphela.
Isisebenzi senze umlilo wa-
shisa kakhulu kodwa yo-
nke imizamo yaso ibe
yize,[b]
Ababi abazange bahlu-
ngwe.[c]
30 Ngokuqinisekile abantu ba-
yobabiza ngokuthi bayisi-
liva elilahliwe,
Ngoba uJehova
ubalahlile."[d]

7 Leli yizwi elafika kuJere-
miya livela kuJehova, lithi:
2 "Yima esangweni lendlu ka-
Jehova umemezele lo myalezo
lapho, uthi, 'Yizwani izwi lika-
Jehova, nonke nina bantu ba-
kwaJuda, eningena ngala ma-
sango ukuzokhothamela uJe-
hova. 3 Yilokhu uJehova wa-
mabutho, uNkulunkulu ka-Isra-
yeli, akushoyo: "Shintshani izi-
ndlela zenu nezenzo zenu,
ngizonivumela niqhubeke ni-
hlala kule ndawo.[e] 4 Ningabe-
ki ithemba lenu emazwini ayi-
nkohliso, nithi, 'Leli* yithe-
mpeli likaJehova, ithempeli li-
kaJehova, ithempeli likaJeho-
va!'[f] 5 Ngoba uma ngempela
nizishintsha izindlela nezenzo
zenu; uma ngempela nahlule-
la ngobulungisa phakathi ko-
muntu nomakhelwane wakhe;[g]
6 uma ningabacindezeli aba-
ntu bokufika, izintandane* na-
bafelokazi;[h] uma ningachithi
igazi elingenacala kule ndawo;
uma ningalandeli abanye onku-
lunkulu nizilethele inhleke-
lele;[a] 7 nami-ke ngiyonivume-
la ukuba niqhubeke nihlala
kule ndawo, ezweni engalinika
okhokho benu ukuba libe nge-
labo phakade."'"*
8 "Kodwa nibeka ithemba
lenu emazwini ayinkohliso[b]
—lokho ngeke neze kunizuzise.
9 Ingabe ningeba,[c] nibulale,
niphinge, nifunge amanga,[d]
nenzele uBhali[e] imihlatshelo*
nilandele nabanye onkulunku-
lu enaningabazi, 10 bese niza
nizoma phambi kwami kule
ndlu ebizwa ngegama lami, ni-
thi, 'Sizosindiswa,' naphezu ko-
kwenza zonke lezi zinto
ezinengekayo? 11 Ingabe le
ndlu ebizwa ngegama lami isi-
be umhume wabaphangi eme-
hlweni enu?[f] Ngikubonile lokhu
enikwenzayo," kusho uJehova.
12 "'Nokho, manje hamba-
ni niye endaweni yami eShi-
lo,[g] lapho ngabeka khona iga-
ma lami ekuqaleni,[h] nibone
engakwenza kuyo ngenxa yo-
bubi babantu bami u-Israyeli.[i]
13 Kodwa naqhubeka nenza
zonke lezi zinto,' kusho uJeho-
va, 'ngisho nakuba ngangikhu-
luma nani ngokuphindaphindi-
we,* anizange nilalele.[j] Nga-
ngilokhu nginibiza, kodwa ani-
zange nisabele.[k] 14 Ngakho
lokho engakwenza eShilo, ngi-
zokwenza nakule ndlu ebi-
zwa ngegama lami,[l] enithembe-
la kuyo,[m] nakule ndawo enga-
yinika nina nokhokho benu.[n]
15 Ngizonisusa phambi kwami,
njengoba nje ngabasusa bonke
abafowenu, yonke inzalo ka-
Efrayimi.'[o]

ISAHL. 6
a Jer 9:4
b Jer 9:7; Hez 22:20
c Hez 24:13
d Jer 14:19; IsiL 5:22

ISAHL. 7
e Jer 26:13
f Mik 3:11
g Jer 21:12; Jer 22:3
h Dut 24:17; Hu 82:3; Zak 7:9, 10; Jak 1:27

Uhla 2
a Dut 8:19
b Isay 30:10; Jer 5:31; Jer 14:14
c Isay 3:14; Mik 2:2
d Jer 5:2
e Jer 11:13
f Mat 21:13; Mar 11:17; Luk 19:45, 46
g Jos 18:1
h Dut 12:5, 11
i 1Sa 4:11; Hu 78:60; Jer 26:6, 9
j 2Kr 36:15, 16; Jer 25:3, 4
k Isay 65:12
l 2Kh 25:8, 9
m Jer 7:4
n 1Sa 4:10, 11; Hu 78:60; Jer 26:4, 6; IsiL 2:7
o 2Kh 17:22, 23

**7:4** *NgesiHebheru, "Lezi," kubhekisela kuzo zonke izakhiwo zethempeli. **7:6** *Noma, "izingane ezingenababa."
**7:7** *Noma, "kuze kube nini nanini." **7:9** *Noma, "intuthu yomhlatshelo." **7:13** *NgesiHebheru, "ngivuka ekuseni kakhulu ngikhuluma."

**16** “Kepha wena, ungasitha-
ndazeli lesi sizwe. Ungasikha-
leli noma usithandazele noma
usincengele kimi,[a] ngoba nge-
ke ngikulalele.[b] **17** Awukubo-
ni yini lokho abakwenzayo
emadolobheni akwaJuda nase-
migwaqweni yaseJerusalema?
**18** Amadodana atheza izinku-
ni, oyise babasa umlilo, aba-
fazi baxova inhlama kafula-
wa ukuze benzele iNdlovuka-
zi Yezulu*[c] amakhekhe om-
hlatshelo; futhi bathululela
abanye onkulunkulu iminike-
lo ephuzwayo ukuze bangica-
sule.[d] **19** ‘Kodwa ingabe ba-
zwisa mina ubuhlungu?’* ku-
sho uJehova. ‘Akubona yini
abazozwa ubuhlungu, kube yi-
hlazo kubo?’[e] **20** Ngakho yilo-
khu iNkosi EnguMbusi uJeho-
va ekushoyo, ‘Intukuthelo yami
nolaka lwami kuzothululelwa
kule ndawo,[f] phezu kwabantu
nezilwane, ezihlahleni zase-
ndle nasezintweni ezimila em-
hlabathini; kuzosha futhi nge-
ke kucishwe.’[g]

**21** “Yilokhu uJehova wama-
butho, uNkulunkulu ka-Israye-
li, akushoyo, ‘Qhubekani ni-
nezele kweminye imihlatshe-
lo yenu iminikelo yenu eshi-
swa ngokuphelele, niyidle nina
leyo nyama.[h] **22** Ngoba ngo-
suku engakhipha ngalo okho-
kho benu ezweni laseGibhithe,
angizange ngikhulume nabo
noma ngibayale ngokuphathe-
lene neminikelo eshiswa ngo-
kuphelele kanye nemihlatshe-
lo.[i] **23** Kodwa nawu umya-
lo engabanika wona: “Lalela-
ni izwi lami, ngizoba nguNku-
lunkulu wenu, nina nizoba nga-
bantu bami.[a] Kumele nihambe
ngayo yonke indlela engini-
yala ngayo, ukuze kunihambe-
le kahle.”’[b] **24** Kodwa abaza-
nge balalele noma banake;*[c]
kunalokho bahamba ngamace-
bo abo,# belandela izinhliziyo
zabo ngenkani,[d] futhi bahlehle-
la emuva abazange baye pha-
mbili, **25** kusukela osukwini
okhokho benu abaphuma ngalo
ezweni laseGibhithe kuze kube
namuhla.[e] Ngakho ngaqhubeka
ngithumela kini zonke izinceku
zami abaprofethi, ngizithuma
usuku nosuku ngokuphinda-
phindiwe.*[f] **26** Kodwa benqa-
ba ukungilalela, abazange ba-
nake.[g] Kunalokho baba nenka-
ni,* benza okubi kakhulu kuno-
khokho babo!

**27** “Uzobatshela wonke la
mazwi,[h] kodwa ngeke bakulale-
le; uzobabiza, kodwa ngeke ba-
kuphendule. **28** Uyothi kubo,
‘Lesi yisizwe esingazange sili-
lalele izwi likaJehova uNkulu-
nkulu waso, esingazange sisa-
mukele isiyalo. Ukwethembeka
kushabalele futhi akusakhulu-
nywa nhlobo ngakho phakathi
kwaso.’*[i]

**29** “Gundani izinwele zenu
ezingagundiwe* nizilahle, ni-
hlabelele ingoma yokulila ema-
gqumeni angenalutho, ngoba
uJehova usalile futhi uzosila-
hla lesi sizukulwane esimcasu-
lile. **30** ‘Ngoba abantu bakwa-
Juda benze okubi emehlwe-
ni ami,’ kusho uJehova. ‘Babe-
ke izithixo zabo ezinengekayo
endlini ebizwa ngegama lami,

**7:18** *Unkulunkulukazi owayekhonzwa ama-Israyeli ayizihlubuki; kungenzeka ukuthi unkulunkulukazi wenzalo. **7:19** *Noma, “bayangicasula; bayangicunula.”

**7:24** *NgesiHebheru, “bathambekise indlebe yabo.” #Noma, “ngezeluleko zabo.” **7:25** *NgesiHebheru, “ngivuka ekuseni ngizithuma.” **7:26** *NgesiHebheru, “bayenza lukhuni intamo yabo.” **7:28** *NgesiHebheru, “futhi kunqunyiwe emlonyeni waso.” **7:29** *Noma, “ezinikelwe.”

ISAHL. 7
a Eks 32:9, 10; Jer 11:14
b Jer 15:1
c Jer 44:17
d Isay 57:6; Jer 19:13; Hez 20:28
e Dan 9:7
f IsiL 2:3
g 2Kh 22:17; Jer 17:27
h Isay 1:11; Jer 6:20; Hos 8:13; Amo 5:21
i 1Sa 15:22; Hos 6:6

Uhla 2
a Eks 19:5; Lev 26:3, 12
b Dut 5:29
c Eks 32:8
d Hos 4:16; Zak 7:12
e Dut 9:7; 1Sa 8:8
f 2Kh 17:13; 2Kr 36:15; Neh 9:17, 30; Jer 25:4
g 2Kr 33:10; Jer 25:3
h Jer 26:2; Hez 2:7
i Jer 5:1; Mik 7:2

ukuze bayingcolise.[a] **31** Ba-
khe izindawo eziphakeme za-
seThofeti, eSigodini Sendoda-
na KaHinomu,*[b] ukuze bashi-
se amadodana abo namadoda-
kazi abo emlilweni,[c] into engi-
ngazange ngiyiyaleze nengi-
ngakaze ngiyicabange nokuyi-
cabanga.'#[d]
**32** "'Ngakho lalelani, kuza
izinsuku,' kusho uJehova, 'la-
pho ingeke isabizwa ngoku-
thi yiThofeti noma yiSigo-
di Sendodana KaHinomu,* ko-
dwa iyobizwa ngokuthi yiSi-
godi Sokubulala. Bayongcwa-
ba eThofeti ize iphele indawo.[e]
**33** Izidumbu zalesi sizwe ziyo-
ba ukudla kwezinyoni zamazu-
lu nokwezilwane zasemhlabe-
ni, kungekho muntu ozozixo-
sha.[f] **34** Ngiyowuqeda umsi-
ndo wokwethaba nomsindo we-
njabulo, izwi lomkhwenyana
nezwi likamakoti,[g] emadolo-
bheni akwaJuda nasemigwa-
qweni yaseJerusalema, ngoba
izwe liyoba amanxiwa.'"[h]

**8** "Ngaleso sikhathi," kusho
uJehova, "amathambo ama-
khosi akwaJuda, amathambo
ezikhulu zakhona, amathambo
abapristi, amathambo abapro-
fethi namathambo ezakhamu-
zi zaseJerusalema ayokhishwa
emathuneni awo. **2** Ayone-
kwa elangeni nasenyangeni
nakuzo zonke izinkanyezi za-
mazulu ababezithanda, bezi-
khonza, bezilandela, bezifuna
futhi bezikhothamela.[i] Ngeke
abuthwe futhi ngeke angcwa-
tshwe. Ayoba njengomquba
phezu komhlabathi."[j]
**3** "Abasele kulo mndeni
okhohlakele, labo abasindile
bazokhetha ukufa kunokuphi-
la kuzo zonke izindawo engiyo-
be ngibahlakazele kuzo," kusho
uJehova wamabutho.
**4** "Kumele uthi kubo, 'Yilo-
khu uJehova akushoyo:

"Bazowa bangabe besavuka
yini?
Uma omunye eshintsha
indlela yakhe, ngeke yini
nomunye ayishintshe?
**5** Kwenziwa yini ukuba lesi
sizwe, iJerusalema, silo-
khu siziphatha ngokunga-
thembeki kimi?
Sibambelele ekukhohliseni;
Siyenqaba ukushintsha.[a]
**6** Nganaka, ngaqhubeka ngi-
lalele, kodwa indlela aba-
bekhuluma ngayo yayi-
ngalungile.
Akukho noyedwa owaphe-
nduka ebubini bakhe
noma owabuza wathi,
'Yini le engiyenzile?'[b]
Ngamunye ulokhu ebuyela
endleleni ethandwayo,
njengehhashi eligijimela
empini.
**7** Ngisho nonogolantethe esi-
bhakabhakeni uyasazi isi-
khathi sakhe;*
Ijuba nenkonjane nonohhe-
mu# yileyo naleyo isigcina
kahle isikhathi sokufudu-
ka△ kwayo.
Kodwa abantu bami bona,
abasiqondi isahlulelo si-
kaJehova."'[c]
**8** 'Ningasho kanjani ukuthi:
"Sihlakaniphile, sinom-
thetho* kaJehova"?
Ngoba empeleni uthi lo-
kubhala# lwamanga[d] lono-
bhala△ lusetshenziselwe
amanga wodwa.

**ISAHL. 7**
a 2Kh 21:1, 4; 2Kr 33:1, 4; Jer 23:11; Jer 32:34
b Jos 15:8, 12
c Dut 12:29-31; 2Kh 17:17; 2Kr 28:1, 3; 2Kr 33:1, 6; Hez 20:31
d Lev 18:21; Lev 20:3; Jer 19:5, 6; Jer 32:35
e Jer 19:11; Hez 6:4, 5
f Dut 28:26; Hu 79:2; Jer 16:4
g Isay 24:8; Jer 25:10
h Lev 26:33; Isay 1:7; Isay 6:11

**ISAHL. 8**
i Dut 4:19; 2Kh 17:16; 2Kh 21:1, 3; Jer 19:13; Hez 8:16; Zef 1:4, 5
j Jer 16:4

**Uhla 2**
a Jer 5:3
b Jer 5:1
c Isay 1:3
d Isay 8:1

**7:31, 32** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama, "iGehena." **7:31** #Noma, "nengazange ifike enhliziyweni yami."

**8:7** *Noma, "isikhathi sakhe sokufuduka." #Noma kungaba, "nelanda." △Noma, "sokubuya." **8:8** *Noma, "sinomyalo." #Noma, "ipeni." △Noma, "lababhali."

9 Abahlakaniphile bahlazisiwe.[a]
Besabe kakhulu futhi bazobanjwa.
Bheka! Balenqabile izwi likaJehova,
Banakuhlakanipha kuni?
10 Ngakho abafazi babo ngizobanika amanye amadoda,
Amasimu abo ngiwanike abanye abantu;[b]
Ngoba, kusukela komncane kunabo bonke kuya komkhulu kunabo bonke, ngamunye uzitholela inzuzo ngokungathembeki;[c]
Kusukela kumprofethi kuya kumpristi, ngamunye uyakhwabanisa.[d]
11 Bazama ukwelapha amanxeba* endodakazi yabantu bami ngokunganaki,# bethi,
"Kukhona ukuthula! Kukhona ukuthula!"
Kube kungekho ukuthula.[e]
12 Ingabe banamahloni ngenxa yezinto ezinyanyekayo abazenzile?
Abanawo nhlobo amahloni!
Abazi ngisho nokuthi kunjani ukuphoxeka.[f]
Ngakho bayokuwa kanye nabawayo.
Lapho ngibajezisa bayokhubeka,'[g] kusho uJehova.
13 'Lapho ngibaqoqa, ngiyobaqeda,' kusho uJehova.
'Ngeke kube namagilebhisi asele ezihlahleni zawo, kungabi namakhiwane esihlahleni somkhiwane, amaqabunga ayobuna.
Izinto engabanika zona ziyobalahlekela.'"
14 "Sihlaleleni lapha?
Masibuthaneni singene emadolobheni anezivikelo eziqinile[a] sifele khona.
Ngoba uJehova uNkulunkulu wethu uzosiqothula,
Usinika amanzi anoshevu ukuba siwaphuze,[b]
Ngoba sonile kuJehova.
15 Sasinethemba lokuthola ukuthula, kodwa akufikanga lutho oluhle,
Ithemba lokwelashwa, kodwa kukhona ukwesaba![c]
16 KwaDani kuzwakale ukuthimula kwamahhashi akhe.
Ngenxa yomsindo wokukhala kwezinkunzi zamahhashi akhe,
Lonke izwe liyazamazama.
Amabutho esitha ayangena alibhubhise izwe nakho konke okutholakala kulo,
Idolobha nezakhamuzi zalo."
17 "Ngoba ngithumela izinyoka phakathi kwenu,
Izinyoka ezinesihlungu ezingalawuleki,
Nakanjani zizoniluma," kusho uJehova.
18 Usizi lwami alwelapheki;
Inhliziyo yami iyagula.
19 Kukhona umsindo wokukhalela usizo ovela ezweni elikude
Ovela kubantu bami:
"UJehova akekho yini eZiyoni?
Noma ingabe inkosi yalo ayikho kulo?"
"Kungani bengicasulile ngemifanekiso yabo ebaziwe,
Ngonkulunkulu babo bezinye izizwe abayize?"
20 "Ukuvuna kudlulile, ihlobo liphelile,
Kodwa thina asizange sisindiswe!"
21 Ngishaqekile ngenxa yamanxeba abantu bakithi;[d]

8:11 *Noma, "ukwephuka." #Noma, "kalula."

ISAHL. 8
a Isay 29:14
b Dut 28:30 Zef 1:13
c Isay 56:11 Hez 33:31 Mik 3:11
d Jer 5:31 Jer 6:12-15 Jer 27:9 IsiL 2:14 Hez 22:28
e Jer 23:16, 17 Hez 13:10
f Jer 3:3
g Jer 23:12

Uhla 2
a Jer 4:5
b Jer 9:15 Jer 23:15 IsiL 3:19
c Jer 4:10 Jer 14:19
d Jer 4:19, 20 Jer 14:17

Ngidabukile.
Ngifikelwe ukwesaba oku-
khulu.
22 Alikho yini ibhalsamu* eGi-
leyadi?[a]
Noma akekho yini owela-
phayo# khona?[b]
Pho kungani abantu bakithi
bengazange belashwe?[c]

**9** O ukube ikhanda lami beli-
ngamanzi,
Amehlo ami engumthombo
wezinyembezi![d]
Khona-ke bengiyokhala imi-
ni nobusuku
Ngenxa yababulewe kuba-
ntu bakithi.
2 O ukube benginendawo yo-
kuhlala ehlane!
Bengiyobashiya abantu ba-
kithi ngisuke kubo,
Ngoba bonke bayiziphingi,[e]
Iqembu labakhohlisi.
3 Bagobisa ulimi lwabo nje-
ngomnsalo;
Ezweni kugcwele amanga,
ukwethembeka akukho.[f]
"Ngoba basuka kokubi baye
kokubi,
Abanginaki nokunginaka,"[g]
kusho uJehova.
4 "Yilowo nalowo makaqaphe
umakhelwane wakhe,
Ungamethembi ngisho no-
mfowenu.
Ngoba bonke abafowenu
abathembekile,[h]
Futhi bonke omakhelwane
bakho bangabanyundeli.[i]
5 Yilowo nalowo ukhohlisa
umakhelwane wakhe,
Akekho okhuluma iqiniso.
Bafundise ulimi lwabo uku-
khuluma amanga.[j]
Bazikhathaza ngokwenza
okubi.
6 Wena uphila phakathi kwa-
bantu abakhohlisayo.
Ngenkohliso yabo benqabi-
le ukungazi," kusho uJe-
hova.
7 Ngakho yilokhu uJehova
wamabutho akushoyo:
"Ngizobancibilikisa futhi
ngibahlole,[a]
Ngoba yini enye engingaye-
nza ngalaba bantu?
8 Ulimi lwabo luwumcibi-
sholo obulalayo, luyakho-
hlisa.
Ngomlomo wakhe, umuntu
ukhuluma kahle noma-
khelwane wakhe,
Kodwa enhliziyweni yakhe
umakhela uzungu."
9 "Akufanele yini ngibahlule-
le ngenxa yalezi zinto?"
kusho uJehova.
"Akufanele yini ngiziphindi-
selele esizweni esinjenga-
lesi?[b]
10 Ngiyokhala ngilile ngenxa
yezintaba,
Ngihlabelele ingoma yokuli-
la ngenxa yamadlelo ase-
hlane,
Ngoba ashisiwe ukuze ku-
ngadluli muntu,
Akukho msindo wemfuyo
ozwakalayo.
Izinyoni zezulu nezilwane
kubalekile; kuhambile.[c]
11 Ngizokwenza iJerusalema
libe yinqwaba yamatshe,[d]
indawo okuhlala kuyo izi-
mpungushe,[e]
Ngizokwenza amadolobha
akwaJuda abe amanxiwa,
kungahlali muntu.[f]
12 Ubani ohlakaniphile ukuba
akuqonde lokhu?
Ubani uJehova amtshele
ngalokhu ukuze akume-
mezele kwabanye?
Kungani izwe lishabalele?

---

**8:22** *Noma, "Awekho yini amafutha okugcoba." #Noma, "udokotela."

ISAHL. 8
a Gen 37:25
b Jer 30:12, 13
c Jer 30:17; Jer 33:4, 6

ISAHL. 9
d Isay 22:4; Jer 13:17
e Jer 5:7; Jer 23:10
f Isay 59:3
g Jer 4:22
h Jer 12:6; Mik 7:2, 5
i Jer 6:28; Hez 22:9
j Hu 50:19; Mik 6:12

Uhla 2
a Isay 1:25; Isay 48:10
b Jer 5:9, 29
c Jer 4:25; Zef 1:3
d Hu 79:1; Jer 26:18
e Jer 10:22
f Jer 4:27; Jer 25:11; Jer 32:43

Kungani lishisiwe njengehlane,
Ukuze kungabi namuntu odabula kulo?”

13 UJehova wathi: “Ngenxa
yokuthi bawushiyile umthetho*
wami engabanika wona,
nangenxa yokuthi abazange
bawulandele futhi abalilalelanga
izwi lami, 14 kodwa
ngenkani balandele izinhliziyo
zabo[a] nemifanekiso yoBhali,
njengoba babefundiswe oyise.[b]
15 Yilokhu uJehova wamabutho,
uNkulunkulu ka-Israyeli,
akushoyo, ‘Ngenza ukuba laba
bantu badle umhlonyane, ngizobenza
baphuze amanzi anoshevu.[c]
16 Ngizobahlakazela
ezizweni abangazange bazazi
bona nokhokho babo,[d] futhi
ngizothumela inkemba emva
kwabo kuze kube yilapho sengibaqothulile.’[e]

17 Yilokhu uJehova wamabutho akushoyo,
‘Yibani nokuqonda.
Bizani abesifazane abahlabelela izingoma zokulila,[f]
Nibize abesifazane abanekhono,
18 Ukuze basheshe bahlabelele ingoma yokulila,
Ukuze amehlo ethu ageleze izinyembezi
Nezinkophe zethu ziconse amanzi.[g]
19 Ngoba kuzwakale umsindo wesililo eZiyoni:[h]
“Yeka indlela esishaqeke ngayo!
Sinamahloni!
Ngoba silishiyile izwe futhi bayibhidlizile imizi yethu.”[i]
20 Nina besifazane, yizwani izwi likaJehova.
Kwangathi indlebe yenu ingalamukela izwi lakhe.
Fundisani amadodakazi enu lesi sililo,
Nifundisane ingoma yokulila.[a]
21 Ngoba ukufa kungene ngamafasitela ethu;
Kungene emibhoshongweni yethu enezivikelo
Ukuze kubulale abantwana emigwaqweni,
Nezinsizwa ezigcawini.’[b]
22 Yithi, ‘Yilokhu uJehova akushoyo:
“Izidumbu zabantu ziyoba njengomquba emhlabathini,
Njengezixha zokudla okusanhlamvu ezisanda kusikwa umvuni,
Kungekho muntu ozibuthayo.” ’ ”[c]
23 Yilokhu uJehova akushoyo:
“Umuntu ohlakaniphile makangazigabisi ngokuhlakanipha kwakhe;[d]
Indoda enamandla mayingazigabisi ngamandla ayo;
Umuntu ocebile makangazigabisi ngengcebo yakhe.”[e]
24 “Kodwa ozigabisayo makazigabise ngenxa yalokhu:
Ukuthi unokuqonda futhi uyangazi,[f]
Ukuthi nginguJehova,
Lowo obonisa uthando oluqotho, ubulungisa, nokulunga emhlabeni,[g]
Ngoba lezi zinto ziyangijabulisa,”[h] kusho uJehova.

25 “Bheka! Kuza izinsuku,”
kusho uJehova, “engiyojezisa
ngazo wonke umuntu osokile
kodwa ebe engasokile ngempela,[i]
26 eGibhithe,[j] kwa-Juda,[k]
kwa-Edomi,[l] kwa-Amoni[m]
nakwaMowabi[n] nabo bonke
abashefe amahwanqa abahlala
ehlane;[o] ngoba zonke izizwe

9:13 * Noma, “isiqondiso.”

ISAHL. 9
a Jer 7:24
b Hlu 3:7; 1Sa 12:10; Hos 11:2
c Jer 8:14; Jer 23:15; IsiL 3:15, 19
d Lev 26:33; Dut 28:64; Hu 106:27; Zak 7:14
e Jer 29:17; Hez 5:2
f 2Kr 35:25
g Jer 6:26; Jer 14:17
h Jer 4:31; Hez 7:16; Mik 1:8, 9
i IsiL 4:15; Mik 2:10

Uhla 2
a Isay 29:2; Jer 7:29
b 2Kr 36:17; Jer 6:11
c Isay 5:25; Jer 16:3, 4
d Isay 5:21
e Dut 8:12-14; Dut 8:17, 18
f 1Ko 1:31; 2Ko 10:17
g Eks 34:6; Hu 89:14
h Hu 99:4; Hos 6:6; Mik 6:8; Mik 7:18
i Amo 3:1, 2
j Isay 19:1; Hez 29:2
k Isay 1:1
l Jer 27:2, 3; Hez 32:29; Obad 1
m Jer 49:1; Hez 25:2
n Isay 15:1; Jer 48:1
o Jer 25:17, 23; Jer 49:32

azisokile, nayo yonke indlu ka-Israyeli ayisokile enhliziyweni."[a]

10 Yizwani izwi uJehova alikhulumile ngokumelene nani, nina ndlu ka-Israyeli.
2 Yilokhu uJehova akushoyo:
"Ningayifundi imikhuba yezizwe,[b]
Ningesatshiswa yizinkanyiso ezisemkhathini
Ngoba izizwe ziyazesaba.[c]
3 Amasiko ezizwe ayize.*
Umbazi ugawula isihlahla ehlathini,
Bese enza ngaso isithombe esibaziwe.[d]
4 Basihlobisa ngesiliva nangegolide[e]
Basishayelele ngesando nangezipikili ukuze singawi.[f]
5 Zinjengesithusamagwababa ensimini yamakhukhamba, azikwazi ukukhuluma;[g]
Kufanele zithwalwe, ngoba azikwazi ukuhamba.[h]
Ningazesabi, ngoba azinakulimaza muntu,
Futhi azikwazi kwenza lutho oluhle."[i]
6 O Jehova akekho onjengawe.[j]
Wena umkhulu, igama lakho likhulu linamandla.
7 Ngubani okungafanele akwesabe, Nkosi yezizwe,[k] ngoba kufanele wesatshwe;
Ngoba phakathi kwabo bonke abahlakaniphile kuyo yonke imibuso yomhlaba,
Akekho nhlobo onjengawe.[l]
8 Bonke abanangqondo bayiziphukuphuku.[m]
Ukufundiswa yisithombe esibaziwe akusizi ngalutho.*[a]
9 Kulethwa isiliva eliyizingcwecwe elivela eTharishishi,[b] negolide elivela e-Ufazi,
Umsebenzi wengcweti, wezandla zosebenza ngensimbi.
Izembatho zazo zenziwe ngentambo eluhlaza okwesibhakabhaka noboya obuphephuli.
Zonke zenziwe yizingcweti.
10 Kodwa uJehova unguNkulunkulu ngempela.
UnguNkulunkulu ophilayo[c] neNkosi yaphakade.[d]
Ngenxa yentukuthelo yakhe umhlaba uyozamazama,[e]
Azikho izizwe eziyokwazi ukumelana nentukuthelo yakhe.
11 * Yilokhu okufanele nikusho kuzo:
"Onkulunkulu abangawadalanga amazulu nomhlaba
Bayoshabalala emhlabeni nangaphansi kwala mazulu."[f]
12 Wenza umhlaba ngamandla akhe,
Yena owamisa izwe elikhiqizayo ngokuhlakanipha kwakhe[g]
Nowelula amazulu ngokuqonda kwakhe.[h]
13 Lapho kuzwakala izwi lakhe,
Amanzi emazulwini ayahlokoma,[i]
Ubangela ukuba amafu* enyuke esuka emikhawulweni yomhlaba.[j]
Wenzela imvula umbani,

10:3 *Noma, "ayinto engasizi ngalutho."

10:8 *Noma, "kuyize." 10:11 *Ivesi 11 lalibhalwe ngesi-Aramu ekuqaleni. 10:13 *Noma, "imihwamuko."

ISAHL. 9
a Lev 26:41; Jer 4:4

ISAHL. 10
b Lev 18:3, 30; Lev 20:23; Dut 12:30
c Isay 47:13
d Isay 40:20; Isay 44:14, 15; Isay 45:20; Hab 2:18
e Hu 115:4; Isay 40:19
f Isay 41:7
g Hab 2:19
h Isay 46:7
i Isay 41:23; Isay 44:9; 1Ko 8:4
j Eks 15:11; 2Sa 7:22; Hu 86:8
k Hu 22:28
l Hu 89:6
m Jer 51:17; Hab 2:18

Uhla 2
a Isay 44:19
b 1Kh 10:22
c Jos 3:10; Dan 6:26
d Dan 4:3; Hab 1:12; IsA 15:3
e Nah 1:5
f Isay 2:18; Jer 51:17, 18; Zef 2:11
g IzA 3:19; Isay 45:18
h Hu 136:3, 5; Isay 40:22; Jer 51:15, 16
i Job 37:2; Job 38:34
j Job 36:27; Hu 135:7

Akhiphe umoya ezinqolobaneni zakhe.[a]
14 Wonke umuntu wenza ngokungacabangi nangokungabi nalwazi.
Wonke umuntu osebenza ngensimbi uyohlazeka ngenxa yesithombe esibaziwe;[b]
Ngoba isithombe sakhe sensimbi* singamanga,
Awukho umoya kuzo.[c]
15 Ziyinkohliso,* umsebenzi wokwenziwa inhlekisa.[d]
Lapho usuku lokubhujiswa kwazo lufika, ziyoshabalala.
16 OyiSabelo SikaJakobe akafani nalezi zinto,
Ngoba nguYe owadala zonke izinto,
U-Israyeli uyingxenye eyigugu kakhulu yefa lakhe.[e]
NguJehova wamabutho igama lakhe.[f]
17 Phakamisa umthwalo wakho uwususe emhlabathini,
Wena wesifazane obhekene nosizi.
18 Ngoba yilokhu uJehova akushoyo:
"Bheka manje ngiyazixosha* izakhamuzi zezwe,[g]
Ngizozibangela ukucindezeleka."
19 Maye ngenxa yokwephuka kwami![h]
Inxeba lami alelapheki.
Ngithe: "Impela lokhu kuyisifo sami, ngizosibekezelela.
20 Itende lami licekelwe phansi, nezintambo zetende lami zigqashuliwe zonke.[i]
Amadodana ami angishiyile, awasekho.[a]
Akusekho muntu ozokwelula itende lami noma ozophakamisa izindwangu zetende lami.
21 Ngoba abelusi baziphathe ngokungenangqondo,[b]
Abazange babuze kuJehova.[c]
Yingakho bengenzanga ngokuqondisisa,
Yonke imihlambi yabo ihlakazekile."[d]
22 Lalela! Umbiko! Uyeza!
Ukuzamazama okukhulu okuvela ezweni elisenyakatho,[e]
Ukuze amadolobha akwaJuda enziwe incithakalo, indawo ehlala izimpungushe.[f]
23 Ngazi kahle, Jehova, ukuthi indlela yomuntu akuyona eyakhe.
Akalinikiwe igunya ngisho nelokuqondisa isinyathelo sakhe.[g]
24 Ngiqondise, Jehova, ngendlela oyibona ifanele,
Kodwa hhayi ngentukuthelo,[h] ukuze ungangibhubhisi.[i]
25 Thululela ulaka lwakho phezu kwezizwe ezingakunaki,[j]
Naphezu kwemindeni engalibizi igama lakho.
Ngoba zimshwabadele uJakobe,[k]
Ngempela zimshwabadele zaze zacishe zamqeda,[l]
Izwe lakhe zilenze incithakalo.[m]

11 Leli yizwi elafika kuJeremiya livela kuJehova, lithi: 2 "Yizwani amazwi alesi sivumelwano, nina bantu!

---

**10:14** *Noma, "esenziwe ngokuncibilikisiwe." **10:15** *Noma, "Ziyize." **10:18** *Noma, "ngiyazijikijela."

**ISAHL. 10**
a Gen 8:1; Eks 14:21; Num 11:31; Jon 1:4
b Isay 42:17; Isay 44:11
c Jer 51:17; Hab 2:18, 19
d Isay 41:29
e Dut 32:9; Hu 135:4
f Isay 47:4
g Dut 28:63; Jer 16:13
h Jer 8:21
i Jer 4:20

**Uhla 2**
a Jer 31:15
b Jer 5:31
c Jer 2:8; Jer 8:9
d Jer 23:1; Hez 34:5, 6
e Jer 1:15; Jer 4:6; Jer 6:22; Hab 1:6
f Jer 9:11
g Hu 17:5; Hu 37:23; IzA 16:3; IzA 20:24
h Hu 6:1; Hu 38:1
i Jer 30:11
j Isay 34:2
k Jer 51:34
l Isay 10:22
m Hu 79:6, 7; Jer 8:16; IsiL 2:22

“Watshele* abantu bakwa-
Juda nezakhamuzi zaseJeru-
salema **3** uthi kubo, ‘Yilokhu
uJehova uNkulunkulu ka-Isra-
yeli akushoyo: “Uqalekisiwe
umuntu ongawalaleli amazwi
alesi sivumelwano,[a] **4** engaya-
la ngawo okhokho benu ngosu-
ku engabakhipha ngalo ezwe-
ni laseGibhithe,[b] esithandwe-
ni somlilo sokuncibilikisa insi-
mbi,[c] ngathi, ‘Lalelani izwi
lami, nenze konke enginiya-
la ngakho; niyoba ngabantu
bami nami ngibe nguNkulu-
nkulu wenu,[d] **5** ukuze ngisife-
ze isifungo engasifunga kokho-
kho benu, sokuthi ngizobanika
izwe eligeleza ubisi noju,[e] nje-
ngoba nje kunjalo namuhla.’ ” ’ ”

Ngaphendula ngathi: “Amen*
Jehova.”

**6** UJehova wabe esethi
kimi: “Memezela wonke la
mazwi emadolobheni akwaJu-
da nasemigwaqweni yaseJeru-
salema, uthi, ‘Yizwani amazwi
alesi sivumelwano, niwagcine.
**7** Ngoba ngabaxwayisa okho-
kho benu ngosuku engaba-
khipha ngalo ezweni laseGi-
bhithe njengoba nje nginixwa-
yisa nani namuhla, ngibayala
ngokuphindaphindiwe,* ngithi:
“Lalelani izwi lami.”[f] **8** Kodwa
abazange balalele noma bana-
ke; kunalokho yilowo nalo-
wo walandela inhliziyo yakhe
embi eqhutshwa yinkani.[g] Nga-
kho ngaletha phezu kwabo wo-
nke amazwi alesi sivumelwa-
no, ngoba abakwenzanga lokho
engangibayale ngakho.’ ”

**9** UJehova waphinde wathi
kimi: “Kukhona uzungu phaka-
thi kwabantu bakwaJuda nase-
zakhamuzini zaseJerusalema.
**10** Babuyele eziphambekweni
zasendulo zokhokho babo, abe-
nqaba ukulalela amazwi ami.[a]
Nabo balandele abanye onku-
lunkulu babakhonza.[b] Indlu
ka-Israyeli nendlu kaJuda zi-
sephulile isivumelwano sami
engasenza nokhokho bazo.[c]
**11** Ngakho-ke yilokhu uJehova
akushoyo, ‘Ngibalethela inhle-
kelele[d] abangeke bakwazi uku-
phunyuka kuyo. Lapho bece-
la usizo kimi, ngeke ngibalale-
le.[e] **12** Ngenxa yalokho abase-
madolobheni akwaJuda neza-
khamuzi zaseJerusalema bayo-
hamba bayocela usizo konku-
lunkulu ababenzela imihlatshe-
lo,*[f] kodwa laba ngeke baba-
sindise ngesikhathi senhlekele-
le yabo. **13** Ngoba onkulu-
nkulu bakho sebebaningi nje-
ngamadolobha akho Juda, wa-
khe nama-altare amaningi
njengemigwaqo yaseJerusale-
ma, uwakhela into ephathisa
amahloni,* ama-altare okwe-
nzela uBhali imihlatshelo.’[g]

**14** “Wena,* ungasithandaze-
li lesi sizwe. Ungasincenge-
li noma usinxusele,[h] ngoba ngi-
yobe ngingalalele lapho singi-
biza ngenxa yenhlekelele yaso.

**15** Banalungelo lini abantu
bami engibathandayo lo-
kuba sendlini yami
Njengoba abaningi kubo
benze izinto ezimbi?
Ingabe ngemihlatshelo ye-
zilwane* bayoyigwema
inhlekelele lapho ifika?
Uyokwethaba yini ngaleso
sikhathi?

ISAHL. 11
a Dut 27:26; Dut 28:15
b Eks 24:3
c Eks 13:3; Dut 4:20
d Lev 26:3, 12
e Gen 15:18; Eks 3:8; Lev 20:24; Dut 6:3
f Jer 7:13; Jer 25:4; Jer 35:15
g Isay 65:2; Jer 7:24, 26; Hez 20:8; Zak 7:11, 12

Uhla 2
a Hlu 2:11, 17; 1Sa 8:8; 2Kh 22:17
b 2Kr 28:22, 23
c Dut 31:16; 2Kh 17:6, 7; Hos 6:7
d 2Kh 22:16; Jer 6:19; Hez 7:5
e Isay 1:15; Jer 14:12; Hez 8:18; Mik 3:4
f Dut 32:37, 38; Jer 2:28
g Jer 7:9, 10
h Jer 7:16; Jer 14:11

**11:2** *Kubonakala sengathi kushiwo kuJeremiya. **11:5** *Noma, “Makube njalo.” **11:7** *NgesiHebheru, “ngivuka ekuseni ngibayala.”

**11:12** *Noma, “ababashunqisela umusi womhlatshelo.” **11:13** *Noma, “unkulunkulu ophathisa amahloni.” **11:14** *Okuwukuthi, uJeremiya. **11:15** *Okuwukuthi, imihlatshelo eyenziwa ethempelini.

16 UJehova wake wakubiza
ngokuthi uyisihlahla somnqumo esithelayo,
Esibukekayo esinezithelo ezinhle.
Ngomsindo wokuduma okukhulu, usokhele ngomlilo,
Bawaphulile amagatsha aso.
17 "UJehova wamabutho
okutshalile,[a] umemezele ukuthi uzokwehlelwa yinhlekelele,
wena ndlu kaJuda, ngenxa yobubi obenzile wena kanye nendlu ka-Israyeli, lapho ningicasula ngokwenzela uBhali imihlatshelo."[b]
18 UJehova ungitshelile ukuze ngazi;
Ngaleso sikhathi wenza ukuba ngibone izenzo zabo.
19 Nganginjengewundlu elizithulele elizohlatshwa.
Ngangingazi ukuthi babengakhela uzungu, bethi:[c]
"Masisigawule isihlahla nezithelo zaso,
Masimbulale,
Ukuze igama lakhe lingabe lisakhunjulwa."
20 Kodwa uJehova wamabutho wahlulela ngokulunga;
Uhlola imicabango ejulile* nenhliziyo.[d]
Mangibone lapho uphindisela kubo,
Ngoba icala lami ngilethule kuwe.
21 Ngakho-ke yilokhu uJe-
hova akushoyo kubantu base-Anathoti[e] abafuna ukukubulala, bethi: "Akumele uprofethe egameni likaJehova,[f]
ngale kwalokho sizokubulala";
22 ngakho-ke yilokhu uJeho-
va wamabutho akushoyo: "Bheka ngizobajezisa. Izinsizwa ziyofa ngenkemba,[a] amadodana abo namadodakazi abo ayofa ngenxa yendlala.[b]
23 Ngeke
babe khona abayosala kubo, ngoba ngiyoletha inhlekelele kubantu base-Anathoti[c] ngonyaka engiyobajezisa ngawo."

**12** O Jehova, ulungile[d] lapho ngiletha isikhalo kuwe,
Lapho ngikhuluma nawe ngezindaba zokwahlulela.
Kodwa kungani ababi bephumelela,[e]
Kungani abakhohlisayo bengakhathazekile?
2 Ubatshalile, bamile izimpande.
Bakhulile, bathela izithelo.
Bakhuluma kahle ngawe, kodwa abanandaba nawe.[f]
3 Kodwa wena Jehova ungazi kahle,[g] uyangibona;
Uhlole inhliziyo yami wayithola imunye nawe.[h]
Bakhethe njengezimvu ezizohlatshwa,
Ubahlukanisele usuku lokubabulala.
4 Kuyoze kube nini izwe lilokhu libuna,
Izimila ezikuyo yonke indawo zoma?[i]
Ngenxa yobubi balabo abahlala kulo
Izilwane nezinyoni zikhukhuliwe.
Ngoba bathe: "Akakuboni okuzokwenzeka kithi."
5 Uma ukhathazwa ukugijima nabantu abahamba ngezinyawo,
Uzogijima kanjani namahhashi?[j]
Uzizwa uphephile ezweni lokuthula.

11:20 *Noma, "imizwa esekujuleni." NgesiHebheru, "izinso."

ISAHL. 11
a Isay 5:2; Jer 2:21
b Jer 19:5, 15
c Jer 18:18
d 1Kr 28:9; Jer 17:10; Jer 20:12
e Jer 1:1
f Isay 30:10; Amo 2:12; Amo 7:16

Uhla 2
a 2Kr 36:17; IsiL 2:21
b Jer 18:21
c Jos 21:8, 18

ISAHL. 12
d Gen 18:25
e Job 12:6; Job 21:7; Hu 73:3; Jer 5:28
f Isay 29:13
g Hu 139:1, 2
h 2Kh 20:3; Hu 17:3; Jer 11:20
i Jer 14:6; Jer 23:10
j Jer 4:13

Kodwa uyokwenzenjani
uma uphakathi kwamahlathi agudle iJordani?
6 Ngoba ngisho nabafowenu, indlu kayihlo,
Bakukhohlisile.[a]
Bamemeze kakhulu ngokumelene nawe.
Ungathembeli kubo,
Ngisho noma bekutshela izinto ezinhle.
7 "Ngiyishiyile indlu yami;[b] ngililahlile ifa lami.[c]
Nginikele engimthandayo* ezitheni zakhe.[d]
8 Ifa lami selifana nebhubesi ehlathini.
Isizwe sami sibhongile ngokumelene nami.
Ngakho sengiyasizonda.
9 Ifa lami linjengenyoni emabalabala* edla inyama;
Ezinye izinyoni ezidla inyama ziyizungezile zayihlasela.[e]
Wozani, buthanani, nonke nina zilwane zasendle,
Wozani nizodla.[f]
10 Abelusi abaningi bayicekele phansi insimu yami yamagilebhisi;[g]
Balinyathelile izwe lami.[h]
Izwe lami baliphendule ihlane elingenamuntu.
11 Seliyihlane eliyincithakalo.
Libunile;*
Liyincithakalo phambi kwami.[i]
Izwe lonke lenziwe incithakalo,
Kodwa akukho muntu onakile.[j]
12 Abaphangi beze ngazo zonke izindlela ezibhudulekile ezidabula ehlane,
Ngoba inkemba kaJehova ishwabadela kusukela komunye umkhawulo wezwe kuya komunye umkhawulo.[a]
Akekho umuntu onokuthula.
13 Batshale ukolweni, kodwa bavuna ameva.[b]
Bazikhandle kakhulu, kodwa abazuzanga lutho.
Bayoba namahloni ngesivuno sabo
Ngenxa yentukuthelo kaJehova evuthayo."

14 Yilokhu uJehova akushoyo kubo bonke omakhelwane bami ababi, abathinta ifa engalinika abantu bami u-Israyeli ukuba balidle:[c] "Ngiyabasiphula ezweni labo,[d] ngizoyisiphula indlu kaJuda phakathi kwabo.
15 Kodwa ngemva kokubasiphula, ngizophinde ngibabonise umusa, ngamunye ngimbuyisele efeni lakhe nasezweni lakhe."

16 "Uma nakanjani befunda izindlela zabantu bami futhi befunga igama lami, bethi, 'Ngimfunge uJehova!' njengoba nje befundise abantu bami ukufunga uBhali, bayochuma phakathi kwabantu bami.
17 Kodwa uma bengalaleli, nami ngiyosisiphula leso sizwe, ngisisiphule ngisibhubhise," kusho uJehova.[e]

13 Yilokhu uJehova angitshele khona: "Hamba uzithengele ibhande lelineni, ulibophe okhalweni lwakho, kodwa ungalifaki emanzini."
2 Ngakho ngalithenga ibhande njengoba uJehova ayeshilo, ngalibopha okhalweni.
3 UJehova waphinde wathi kimi:
4 "Thatha leli bhande olithengile, elisokhalweni lwakho, usuke uye e-Ewufrathe, ulifihle lapho

12:7 *Noma, "othandwa umphefumulo wami." 12:9 *Noma, "emagqabhagqabha." 12:11 *Noma kungaba, "Liyakhala."

ISAHL. 12
a Jer 9:4
b Luk 13:35
c Eks 19:5 Isay 47:6
d IsiL 2:1
e 2Kh 24:2 Hez 16:37
f Isay 56:9 Jer 7:33
g Hu 80:8 Isay 5:1, 7 Jer 6:3
h Isay 63:18 Jer 3:19
i Jer 9:11 Jer 10:22
j Isay 42:24, 25

Uhla 2
a Lev 26:33 Jer 15:2
b Lev 26:16 Mik 6:15
c Hu 79:4 Jer 48:26 Hez 25:3 Zak 1:15 Zak 2:8
d Jer 48:2 Jer 49:2
e Isay 60:12

emfantwini wedwala.” **5** Nga-
kho ngahamba ngalifihla ngase-
Ewufrathe, njengoba nje uJeho-
va ayengiyalile.

**6** Kodwa ngemva kwezinsu-
ku eziningi uJehova wathi kimi:
“Suka, uye e-Ewufrathe ufi-
ke uthathe ibhande engakuyala
ukuba ulifihle khona.” **7** Nga-
kho ngaya e-Ewufrathe ngafi-
ke ngalimba ibhande endaweni
engangilifihle kuyo ngalithatha,
ibhande lase ligugile; lalingase-
namsebenzi.

**8** Khona-ke izwi likaJehova
lafika kimi: **9** “Yilokhu uJe-
hova akushoyo, ‘Ukuziqhenya
kukaJuda nokuziqhenya kwe-
Jerusalema kuyoba njengaleli
bhande.[a] **10** Laba bantu aba-
bi abenqaba ukulalela ama-
zwi ami,[b] abalandela izinhlizi-
yo zabo ngenkani,[c] abaqhube-
ka belandela abanye onkulu-
nkulu, bebakhulekela beba-
khothamela, nabo bayoba nje-
ngaleli bhande elingasenamse-
benzi.’ **11** ‘Njengoba nje ibha-
nde linamathela okhalweni lo-
muntu, kanjalo ngabangela yo-
nke indlu ka-Israyeli nayo yo-
nke indlu kaJuda ukuba zina-
mathele kimi,’ kusho uJehova,
‘ukuze zibe abantu bami,[d] inka-
zimulo yami,[e] udumo nokuthi-
le okuhle kimi. Kodwa azizange
zilalele.’[f]

**12** “Kumele uzitshele lo
myalezo, ‘Yilokhu uJehova
uNkulunkulu ka-Israyeli aku-
shoyo: “Zonke izimbiza ezinku-
lu kufanele zigcwaliswe ngewa-
yini.”’ Ziyothi kuwe, ‘Asazi yini
ukuthi zonke izimbiza ezinku-
lu kufanele zigcwaliswe nge-
wayini?’ **13** Ngakho-ke uyothi
kuzo, ‘Yilokhu uJehova aku-
shoyo: “Ngizigcwalisa ngewayi-
ni zonke izakhamuzi zaleli
zwe,[g] amakhosi ahleli esihla-
lweni sikaDavide sobukhosi,
abapristi nabaprofethi nazo zo-
nke izakhamuzi zaseJerusale-
ma baze badakwe. **14** Ngizo-
baphahlaza omunye komunye,
oyise namadodana ngendlela
efanayo,” kusho uJehova.[a]
“Ngeke ngibazwele noma ngi-
badabukele, noma ngibe nomu-
sa kubo; ayikho into eyongivi-
mbela ukuba ngibabhubhise.”’[b]

**15** Yizwani, nilalelisise.
Ningaqhoshi, ngoba uJeho-
va ukhulumile.
**16** Mdumiseni uJehova uNku-
lunkulu wenu
Ngaphambi kokuba alethe
ubumnyama
Nangaphambi kokuba izi-
nyawo zenu ziqhuzuke
ezintabeni ngenxa yoku-
hwalala.
Niyoba nethemba lokuthi
kuzokhanya,
Kodwa uyoletha ubum-
nyama;
Ukukhanya uyokuphendula
ubumnyama.[c]
**17** Uma ningalaleli,
Ngiyokhala ngisekusitheke-
ni ngenxa yokuziqhenya
kwenu.
Ngiyokhala kakhulu, name-
hlo ami ayogeleza izinye-
mbezi,[d]
Ngoba umhlambi
kaJehova[e] uthunjiwe.
**18** Tshela inkosi nonina*[f] uthi,
‘Hlalani phansi ngokuhla-
zeka,
Ngoba umqhele wenu omu-
hle uyowa emakhanda
enu.’
**19** Amadolobha aseningizimu
avaliwe* akekho ozowa-
vula.
UJuda wonke udingisiwe,
udingiswe ngokuphelele.[g]

**13:18** *Noma, “nendlovukazi.” **13:19** *Noma, “avinjezelwe.”

ISAHL. 13
a Lev 26:19; Zef 3:11
b 2Kr 36:15, 16
c Jer 6:28
d Eks 19:5; Dut 26:18; Hu 135:4
e Jer 33:9
f Jer 6:17
g Isay 29:9; Isay 51:17; Jer 25:27

Uhla 2
a Jer 6:21; Hez 5:10
b Hez 7:4; Hez 24:14
c Isay 59:9
d Jer 9:1
e Hu 100:3
f 2Kh 24:12; Jer 22:24, 26
g Dut 28:64

20 Phakamisa amehlo akho
ubone labo abaqhamuka
enyakatho.[a]
Uphi umhlambi owanikwa
wona, izimvu zakho ezi-
nhle?[b]
21 Uyothini lapho ujeziswa
Yilabo owawubabheka nje-
ngabangani bakho abase-
duze?[c]
Ngeke yini ufikelwe yimi-
helo, enjengeyowesifaza-
ne obelethayo?[d]
22 Lapho uthi enhliziyweni ya-
kho, 'Kungani ngehlelwe
yilezi zinto?'[e]
Ukhunyulwe iziketi zakho
ngenxa yobukhulu beso-
no sakho[f]
Izithende zakho zizwe ubu-
hlungu obukhulu.
23 UmKushe* angasishintsha
yini isikhumba sakhe,
noma ingwe amabala
ayo?[g]
Uma kunjalo, nani ninga-
kwenza okuhle,
Nina enifundiswe ukwenza
okubi.
24 Ngakho ngiyobahlakaza
njengezinhlanga eziphe-
shulwa umoya wasogwa-
dule.[h]
25 Yilokhu okuzokwenzeka
kuwe. Lena ingxenye
engikwabele yona," kusho
uJehova,
"Ngoba ungikhohliwe[i] wa-
beka ithemba lakho ema-
ngeni.[j]
26 Ngakho ngizophakamisela
iziketi zakho ebusweni
bakho,
Ihlazo lakho liyohlala
obala,[k]
27 Izenzo zakho zokuphinga[l]
nenkanuko yakho,
Ubufebe bakho obungama-
nyala.*
Emagqumeni, endle,
Ngikubonile ukuziphatha
kwakho okunyanyisayo.[a]
Maye kuwe Jerusalema!
Kuyoze kube nini ulokhu
ungahlanzekile?"[b]

14 Yileli izwi likaJehova ela-
fika kuJeremiya ngoku-
phathelene nesomiso:[c]
2 UJuda uyalila,[d] amasango
akhe awohlokile.
Ambozwa umhlabathi eda-
ngele,
EJerusalema kuqhuma isi-
lilo.
3 Abanumzane bathuma izi-
nceku zabo ukuba ziyo-
kha amanzi.
Ziyahamba ziye emithonje-
ni* zifike zingatholi ma-
nzi.
Zibuya nezitsha ezingenalu-
tho.
Zinamahloni zidumele,
Zimboze amakhanda azo.
4 Ngenxa yokuthi umhlabathi
uqhekekile,
Ngoba imvula ayini
ezweni,[e]
Abalimi baphoxekile futhi
bamboze amakhanda abo.
5 Ngisho nenyamazane endle
iyalishiya izinyane layo
Ngoba abukho utshani.
6 Izimbongolo zasendle zimi
emagqumeni angenalu-
tho.
Zihefuzela njengezimpu-
ngushe;
Amehlo azo awaboni ngoba
abukho utshani.[f]
7 Nakuba izono zethuziboni-
sa ukuthi sinecala,
Jehova, thatha isinyathelo
ngenxa yegama lakho.[g]

13:23 *Noma, "UmTopiya."

13:27 *Noma, "obushayisa ngamahloni." 14:3 *Noma, "emiseleni yamanzi."

ISAHL. 13
a Jer 6:22
b Hez 34:8
c Isay 39:1, 2
d Jer 6:24; Mik 4:9
e Jer 5:19; Jer 16:10, 11
f Hez 16:37
g IzA 27:22
h Lev 26:33; Dut 28:64
i Jer 2:32
j Dut 32:37, 38; Isay 28:15; Jer 10:14
k IsiL 1:8; Hez 16:37; Hez 23:29
l Jer 2:20; Hez 16:15

Uhla 2
a Isay 65:7; Hez 6:13
b Hez 24:13

ISAHL. 14
c Dut 28:24
d Jow 1:10
e Lev 26:20; Dut 28:23
f Jer 12:4; Jow 1:18
g Jos 7:9; Hu 25:11; Hu 115:1, 2

Ngoba izenzo zethu zokungathembeki ziningi,[a]
Sone kuwe.
8 O themba lika-Israyeli, Msindisi[b] wakhe esikhathini sokucindezeleka,
Kungani unjengesihambi ezweni,
Njengesihambi esima kuphela ukuze siphumule ubusuku?
9 Kungani unjengomuntu oshaqekile,
Njengeqhawe elingenakusindisa?
Ngoba uphakathi kwethu Jehova,[c]
Sibizwa ngegama lakho.[d]
Ungasishiyi.

10 Yilokhu uJehova akushoyo ngalesi sizwe: "Siyakuthanda ukuzulazula;[e] asikwazi ukuziqoqa.[f] Ngakho asimjabulisi uJehova.[g] Manje uzosikhumbula isono saso asijezise."[h]

11 UJehova wathi kimi: "Ungasithandazeli lesi sizwe usicelele okuhle.[i]
12 Lapho sizila ukudla, angikulaleli ukuncenga kwaso,[j] nalapho sinikela iminikelo eshiswayo ephelele neminikelo yokudla okusanhlamvu, angijabuli ngayo,[k] ngizosibulala ngenkemba, ngendlala nangesifo esiwumshayabhuqe."[l]

13 Ngaphendula ngathi: "Maye Nkosi EnguMbusi Jehova! Abaprofethi bathi kuso, 'Ngeke kube nempi nendlala, kodwa ngizoninika ukuthula kweqiniso kule ndawo.'"[m]

14 UJehova wabe esethi kimi: "Abaprofethi baprofetha amanga egameni lami.[n] Angibathumanga, futhi angizange ngibayale noma ngikhulume nabo.[o] Baprofetha kini umbono wamanga nokubhula okungasizi ngalutho nokukhohlisa kwenhliziyo yabo.[a]
15 Ngakho-ke yilokhu uJehova akushoyo ngokuphathelene nabaprofethi abaprofetha egameni lami, nakuba ngingabathumanga, labo abathi ngeke ibe khona impi nendlala kuleli zwe: 'Labo baprofethi bayobulawa yinkemba nayindlala.[b]
16 Izidumbu zabantu abaprofetha kubo—bona nomkabo namadodana abo namadodakazi abo—ziyolahlwa emigwaqweni yaseJerusalema ngenxa yendlala nenkemba, kungekho ozozingcwaba[c] ngoba ngizobalethela inhlekelele ebafanele.'[d]

17 "Kumele ubatshele lokhu,
'Amehlo ami mawageleze izinyembezi ubusuku nemini, mazinganqamuki,[e]
Ngoba indodakazi eyintombi nto yabantu bami iphahlaziwe yaphuka,[f]
Ilimele kakhulu.
18 Uma ngiphumela ngaphandle kwedolobha,
Ngibona labo ababulewe ngenkemba![g]
Uma ngingena edolobheni,
Ngibona umonakalo obangelwe yindlala![h]
Ngoba umprofethi nompristi baye ezweni abangalazi.'"[i]
19 Ingabe umlahle ngempela uJuda, noma ulenyanyile iZiyoni?[j]
Kungani usishayile ukuze singelapheki?[k]
Sasinethemba lokuthola ukuthula, kodwa akufikanga lutho oluhle,
Ithemba lokwelashwa, kodwa kukhona ukwesaba![l]
20 O Jehova, siyazivuma izono zethu,
Nesono sokhokho bethu,
Ngoba sonile kuwe.[m]

ISAHL. 14
a Ezr 9:6; Neh 9:33; Dan 9:5, 8
b Hu 106:8; Hu 106:21; Isay 45:15
c Eks 29:45; Dut 23:14
d Dan 9:19
e Jer 2:23
f Jer 2:25
g Jer 6:20
h Hos 8:13
i Jer 7:16; Jer 11:14
j Isay 1:15; Isay 58:3; Jer 11:11; Hez 8:18
k Isay 1:11
l Jer 9:16; Hez 5:12
m Jer 4:10; Jer 5:31; Jer 6:13, 14; Jer 23:16, 17; Jer 27:8-10; Hez 13:10; Mik 3:11
n Jer 23:25, 26; Jer 29:21
o Jer 23:21; Jer 27:15

Uhla 2
a IsiL 2:14
b Jer 5:12, 13; Jer 23:15; Hez 12:24; Hez 13:9
c Hu 79:2, 3; Jer 9:22
d Jer 4:18
e Jer 8:18, 21; Jer 9:1
f IsiL 1:15
g Hez 7:15
h IsiL 5:10
i Dut 28:36
j Jer 12:8; IsiL 5:22
k 2Kr 36:15, 16
l Jer 8:15
m Ezr 9:7; Dan 9:5, 8

21 Ungasilahli ngenxa yegama
lakho;[a]
Ungasishiyi isihlalo
sakho sobukhosi esikha-
zimulayo.
Khumbula, ungasiphuli
isivumelwano osenze na-
thi.[b]
22 Sikhona yini isithixo ezithi-
xweni zezizwe esinganisa
imvula,
Noma ingabe amazulu
angakwazi ukuzinisela
imvula ngokwawo?
Nguwe kuphela onganisa
imvula Jehova Nkulunku-
lu wethu.[c]
Sithembele kuwe,
Ngoba uwena owenze zo-
nke lezi zinto.

**15** UJehova wathi kimi: "Ngi-
sho noma ngabe uMo-
se noSamuweli bebe la pha-
mbi kwami,[d] bengingeke ngisi-
bonise umusa lesi sizwe. Sisu-
se phambi kwami. Siyeke siha-
mbe. **2** Uma sithi kuwe, 'Sizo-
yaphi?' kufanele uthi kuso, 'Yi-
lokhu uJehova akushoyo:
"Abanye benu bayobulawa
yizifo,
Abanye bayobulawa yimpi,[e]
Abanye bayobulawa
indlala,
Kanti abanye bayothu-
njwa."'[f]

**3** "'Ngiyobalethela izinhle-
kelele ezine,'*[g] kusho uJeho-
va, 'inkemba yokubulala, izi-
nja zokuhudula, izinyoni zama-
zulu nezilwane zasendle ukuba
zidle futhi zibhubhise.[h] **4** Ngi-
yobenza into eshaqisayo kuyo
yonke imibuso yomhlaba[i] nge-
nxa yalokho uManase indodana
kaHezekiya, inkosi yakwaJuda,
akwenza eJerusalema.[j]

5 Ngubani oyoba nesihe
kuwe, Jerusalema,
Ngubani oyozwelana nawe,
Ngubani oyoza ezobuza
ngenhlalakahle yakho?'
6 'Wena ungilahlile,' kusho
uJehova.[a]
'Uqhubeka ungifulathela.*[b]
Ngakho ngizokwelulela isa-
ndla sami kuwe ngiku-
bhubhise.[c]
Ngikhathele ukukudabu-
kela.#
7 Ngizobahlunga ngemfoloko
emasangweni ezwe.
Ngizobaphuca abantwana.[d]
Ngizobabhubhisa abantu
bami,
Ngoba abafuni ukushiya izi-
ndlela zabo.[e]
8 Abafelokazi babo bazoba
baningi kunesihlabathi
solwandle.
Ngizobalethela umuntu
ozobabhubhisa emini be-
bade, ozobhubhisa onina
nezinsizwa.
Ngizobalethela ukukhatha-
zeka nokwesaba bengali-
ndele.
9 Owesifazane ozele aba-
ntwana abayisikhombisa
usebuthakathaka;
Uphefumula kanzima.
Ilanga limshonele kusese-
mini,
Limbangele amahloni noku-
phoxeka.'
'Abambalwa abasele kubo
Ngizobanikela enkembeni
yezitha zabo,' kusho uJe-
hova."[f]
10 Ngiyazisa mama, ngoba
ungizele,[g]
Ngiyindoda ehlala ixabana
futhi iphikisana nabantu
ezweni.

ISAHL. 14
a Hez 36:22; Dan 9:15
b Eks 32:13; Lev 26:41, 42; Hu 106:43-45
c Dut 28:12; Isay 30:23; Jow 2:23

ISAHL. 15
d Eks 32:11; 1Sa 7:9; Hu 99:6; Hu 106:23
e Hez 5:2
f Hez 12:11
g Hez 14:21
h Dut 28:26; Jer 7:33
i Dut 28:15, 25; Jer 24:9; Hez 23:46
j 2Kh 21:11; 2Kh 23:26; 2Kh 24:3, 4

Uhla 2
a Jer 2:13
b Isay 1:4
c Zef 1:4
d Dut 28:15, 18; Jer 9:21; Hez 24:21
e Jer 5:3
f Jer 44:27; Hez 5:12
g Jer 20:14

**15:3** *Noma kungaba, "izinhlobo ezine zesahlulelo."

**15:6** *Noma kungaba, "uhlehla nyovane." #Noma, "ukuzisola."

Angitshelekisanga, futhi abangitshelekanga lutho;
Kodwa bonke bayangiqalekisa.
11 UJehova wathi: "Nakanjani ngiyokusiza;
Nakanjani ngiyokulamulela esitheni,
Ngesikhathi senhlekelele, nangesikhathi sokucindezeleka.
12 Ukhona yini umuntu ongaphula insimbi ibe yizicucu,
Insimbi evela enyakatho nethusi?
13 Umnotho wakho nengcebo yakho ngizokunikela ezitheni zakho,[a]
Ngeke ngizikhokhise lutho, ngenxa yazo zonke izono zakho owawuzenza kuzo zonke izindawo zakho.
14 Konke ngizokunikela ezitheni zakho
Ukuze zikuyise ezweni ongalazi.[b]
Ngoba intukuthelo yami iyavutha,
Iyanivuthela."[c]
15 Wena uyazi Jehova,
Ngikhumbule unginake.
Ngiphindiselele kulabo abangishushisayo.[d]
Ungangivumeli ngishabalale* ngenxa yokwephuza kwakho ukuthukuthela.
Yazi ukuthi ngenxa yakho ngithwala leli hlazo.[e]
16 Lapho ngithola amazwi akho, ngawadla;[f]
Izwi lakho langithokozisa langijabulisa enhliziyweni yami,
Ngoba ngibizwa ngegama lakho, Jehova Nkulunkulu wamabutho.
17 Angihlali nabantu abenza amahlaya bese ngijabula.[g]
Ngenxa yokuthi ngiqondiswa nguwe, ngihlala ngedwa,
Ngoba ungenze ngathukuthela kakhulu ngenxa yobubi ababenzile.[a]
18 Kungani ubuhlungu bami bungapheli nenxeba lami lingapholi?
Alelapheki.
Ingabe uzoba njengomthombo wamanzi oshile
Okungeke kuthenjelwe kuwo?
19 Ngakho-ke yilokhu uJehova akushoyo:
"Uma ubuyela kimi, ngizokubonisa umusa.
Uzoqhubeka ungikhonza.*
Uma uhlukanisa okuyigugu ezintweni ezingasizi ngalutho,
Uzoba umkhulumeli# wami.
Abantu bayofuna usizo kuwe,
Kodwa wena ngeke ulufune kubo."
20 "Ngikwenza udonga lwethusi oluqinile kulesi sizwe.[b]
Nakanjani siyolwa nawe,
Kodwa ngeke sikunqobe,*[c]
Ngoba nginawe, ukuze ngikusindise futhi ngikukhulule," kusho uJehova.
21 "Ngizokukhulula kubantu ababi,
Ngikusindise kulabo abanonya."

16 Izwi likaJehova laphinde lafika kimi, lathi:
2 "Ungamthathi umfazi, ungabi nawo amadodana namadodakazi kule ndawo. 3 Ngoba yilokhu uJehova akushoyo ngokuphathelene namadodana

ISAHL. 15
a Jer 20:5
b Lev 26:38 Jer 16:13
c Dut 32:22 Isay 42:24, 25 Jer 17:4
d Jer 11:20 Jer 12:3 Jer 17:18 Jer 37:15
e Hu 69:7
f Hez 3:1-3 IsA 10:9, 10
g Hu 1:1

Uhla 2
a Jer 20:8
b Jer 1:18 Hez 3:9
c Jer 20:11

15:15 *NgesiHebheru, "Ungangisusi."

15:19 *NgesiHebheru, "Uzoma phambi kwami." #Noma, "umlomo." 15:20 *Noma, "sikwehlule."

namadodakazi azalelwa kule
ndawo, nangokuphathelene no-
nina noyise: **4** 'Bayobulawa
yizifo ezibulalayo,[a] akekho
oyobakhalela, akekho oyoba-
ngcwaba;[b] bayoba njengomqu-
ba phezu komhlaba. Bayobula-
wa yinkemba nayindlala,[c] futhi
izidumbu zabo ziyodliwa yizi-
nyoni nayizilwane zasendle.'

**5** "Ngoba yilokhu uJehova akushoyo,
'Ungangeni endlini yabalilayo,
Ungayi ukuyolila noma ukuyozwelana nabo.'[d]
'Ngoba ngikususile ukuthula kwami kulesi sizwe,' kusho uJehova,
'Kanye nothando lwami oluqotho nomusa.[e]
**6** Abavelele nabantukazana bayofa kuleli zwe.
Ngeke bangcwatshwe,
Akekho oyobakhalela,
Akukho muntu oyozisika noma oyophuca ikhanda ngenxa yabo.*
**7** Akekho oyobanika ukudla labo abalilayo,
Ukuze abaduduze ngenxa yokufelwa;
Akekho oyobanika indebe yewayini lokubaduduza
Ukuze baphuze ngoba beshonelwe uyise noma unina.
**8** Ungangeni endlini yedili
Ukuba uhlale phansi nabo ukuze udle futhi uphuze.'

**9** "Ngoba yilokhu uJehova
wamabutho, uNkulunkulu ka-
Israyeli akushoyo, 'Niyobona
lapho ngithulisa umsindo wo-
kujabula nowokuhalalisa, izwi
lomkhwenyana nelikamakoti
kule ndawo.'[f]

**10** "Lapho utshela lesi si-
zwe wonke la mazwi, siyothi
kuwe, 'Kungani uJehova ethe
yonke le nhlekelele izosehle-
la? Yini esiyenzile engalungi-
le, sone ngani kuJehova uNku-
lunkulu wethu?'[a] **11** Wena ku-
mele uthi kuso, '"Kungenxa yo-
kuthi oyihlo bangishiya,"[b] ku-
sho uJehova, "baqhubeka bela-
ndela abanye onkulunkulu be-
bakhonza, bebakhothamela.[c]
Kodwa mina bangishiya, aba-
zange bawugcine umthetho
wami.[d] **12** Nina niye nenza
kabi kakhulu kunoyihlo,[e] yi-
lowo nalowo ngenkani ulande-
la inhliziyo yakhe embi kuno-
kungilalela.[f] **13** Ngizonijikije-
la ngaphandle kwaleli zwe, ngi-
niyise ezweni nina nokhokho
benu eningazange nilazi,[g] kulo
kuyodingeka nikhonze abanye
onkulunkulu ubusuku nemini,[h]
ngoba ngeke nginibonise umu-
sa."'

**14** "'Nokho, kuza izinsuku,'
kusho uJehova, 'lapho benge-
ke besasho ukuthi: "Ngimfunge
uJehova owakhipha abantu ba-
kwa-Israyeli ezweni laseGibhi-
the!"[i] **15** kodwa bayothi: "Ngi-
mfunge uJehova owakhipha
abantu bakwa-Israyeli ezweni
lasenyakatho nakuwo wonke
amazwe ayebahlakazele kuwo!"
futhi ngiyobabuyisela ezweni
labo, engalinika okhokho babo.'[j]

**16** 'Ngithumela ukuba kulandwe abadobi abaningi,' kusho uJehova,
'Bayobadoba.
Ngemva kwalokho ngiyothumela abazingeli abaningi,
Bayobazingela kuzo zonke izintaba nakuwo wonke amagquma
Nasemifantwini yamadwala.

ISAHL. 16
*a* Jer 15:2
*b* Hu 79:2, 3; Isay 5:25; Jer 7:33; Jer 9:22; Jer 36:30
*c* Hez 5:12
*d* Hez 24:16, 17
*e* Dut 31:17; Isay 27:11; Isay 63:10
*f* Isay 24:7, 8; Jer 7:34; IsA 18:23

Uhla 2
*a* Jer 5:19
*b* Hlu 2:12
*c* Jer 8:1, 2
*d* Dan 9:11; Amo 2:4
*e* Jer 7:26
*f* Neh 9:29; Jer 6:28
*g* 2Kr 7:20; Jer 15:14; Jer 17:4
*h* Dut 4:27, 28; Dut 28:36
*i* Eks 20:2; Jer 23:7, 8
*j* Dut 30:1-3; Jer 3:18; Jer 24:6; Jer 30:3; Jer 32:37; Amo 9:14

**16:6** *Amasiko okulila ezizwe ezazikhonza izithixo okungenzeka ayenziwa ama-Israyeli ayizihlubuki.

17 Ngoba amehlo ami akubona
konke abakwenzayo.*
Abafihlekile phambi kwami,
Nesono sabo asifihlekile
phambi kwami.
18 Okokuqala, ngizophindisela ngokugcwele kubo ngenxa yesiphambeko sabo
nesono sabo,[a]
Ngoba balingcolisile izwe
lami ngezithixo zabo ezingaphili* ezinyanyekayo
Bagcwalise ifa lami ngezinto zabo ezinengekayo.' "[b]
19 O Jehova, mandla ami nesiphephelo sami,
Ndawo yami engibalekela
kuyo lapho ngicindezelekile,[c]
Izizwe ziyoza kuwe
zivela emaphethelweni
omhlaba,
Ziyothi: "Okhokho bethu
badla ifa elingamanga,
Ize nezinto ezingasizi ngalutho."[d]
20 Umuntu angazenzela yini
onkulunkulu
Bebe bengebona ngempela
onkulunkulu?[e]
21 "Ngakho ngizobenza bazi,
Ngaleso sikhathi ngiyobenza bawazi amandla ami,
Bayokwazi ukuthi igama
lami nginguJehova."

17 "Isono sikaJuda sibhalwe
phansi ngepeni lensimbi.
Siqoshwe ngedayimane
enhliziyweni yakhe
Nasezimpondweni zama-altare akhe,
2 Kuyilapho amadodana akhe
ecabanga ngama-altare
akhe nezigxobo zakhe
ezingcwele*[f]
Eceleni kwesihlahla esikhephuzelayo, emagqumeni
aphakeme,[a]
3 Ezintabeni nasesigangeni.
Umnotho wakho, yonke
ingcebo yakho, ngiyokunikela ukuba kuphangwe[b]
—Izindawo zakho eziphakeme ngenxa yesono kuzo
zonke izindawo zakho.[c]
4 Ngokuzithandela uyodedela
ifa engakunika lona.[d]
Ngiyokwenza ukuba usebenzele izitha zakho ezweni
ongalazi,[e]
Ngoba wokhele intukuthelo
yami njengomlilo.*[f]
Iyovutha kuze kube phakade."
5 Yilokhu uJehova akushoyo:
"Iqalekisiwe indoda* ethembela kubantu[g]
Encika emandleni abantu,#[h]
Enhliziyo yayo ifulathela
uJehova.
6 Iyoba njengesihlahla esimi
sodwa ogwadule.
Ngeke izithole izinto ezinhle,
Kodwa iyohlala ezindaweni
eziwugwadule ehlane,
Ezweni likasawoti okungahlali muntu kulo.
7 Ibusisiwe indoda* ethembela kuJehova,
Ebeka ithemba layo kuJehova.[i]
8 Iyoba njengesihlahla esitshalwe ngasemanzini,
Esinezimpande ezenabele
emfuleni.
Ngeke ikuzwe ukushisa,
Kodwa amaqabunga ayo
ayohlale eluhlaza.[j]

ISAHL. 16
a Isay 40:2
b Lev 26:30; Hu 106:38
c Jer 17:17
d Jer 10:5, 14
e Hu 115:4; Jer 2:11; 1Ko 8:4

ISAHL. 17
f Hlu 3:7; 2Kr 24:18; 2Kr 33:1, 3

Uhla 2
a Isay 1:29; Hez 6:13
b 2Kh 24:11, 13; Jer 15:13
c Lev 26:30; Hez 6:3
d IsiL 5:2
e Dut 28:48; Jer 16:13
f Isay 5:25; Jer 15:14
g Isay 30:1, 2
h 2Kh 16:7
i Hu 34:8; Hu 146:5; Isay 26:3
j Hu 1:3; Hu 92:12, 13

16:17 *NgesiHebheru, "akuzo zonke izindlela zabo." 16:18 *NgesiHebheru, "eziyizidumbu." 17:2 *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

17:4 *Noma kungaba, "Ngoba nokhelwe njengomlilo entukuthelweni yami." 17:5, 7 *Noma, "indoda enamandla." 17:5 #NgesiHebheru, "Eyenza umuntu ingalo yayo."

Ngesikhathi sesomiso ngeke ikhathazeke,
Ngeke iyeke ukuthela izithelo.
9 Inhliziyo ikhohlisa ngaphezu kwanoma yini enye futhi iyingozi.*[a]
Ubani ongase ayazi?
10 Mina, Jehova, ngicubungula inhliziyo,[b]
Ngihlola imicabango ejulile,*
Ukuze nginike yilowo nalowo ngokwezindlela zakhe,
Ngokwemiphumela yemisebenzi yakhe.[c]
11 Njengethendele* elibutha amaqanda elingazange liwazalele,
Unjalo umuntu othola ingcebo ngokukhwabanisa.#[d]
Iyomlahlekela ngokuhamba kwesikhathi,
Ekugcineni uyoba ongenangqondo."
12 Isihlalo sobukhosi esikhazimulayo besidunyiswa kusukela ekuqaleni,
Siyindawo yethu yokuphephela.[e]
13 O Jehova, themba lika-Israyeli,
Bonke abakushiyayo bayothelwa ngehlazo.
Labo abakuhlubukayo* bayolotshwa emhlabathini,[f]
Ngoba bamshiyile uJehova, umthombo wamanzi okuphila.[g]
14 Ngelaphe Jehova, ngizokwelapheka.
Ngisindise, ngizosinda,[h]
Ngoba nguwena engimdumisayo.
15 Bheka! Kukhona abathi kimi:
"Kungani izwi likaJehova lingakagcwaliseki namanje?"[a]
16 Kodwa mina, angiyekanga ukukulandela njengomalusi,
Angizange ngilulangazelele usuku lwenhlekelele.
Wena uzazi kahle zonke izinto engizishilo;
Konke kwenzeke phambi kwakho!
17 Ungangenzi ngesabe.
Uyisiphephelo sami ngosuku lwenhlekelele.
18 Abangishushisayo mabahlazeke,[b]
Kodwa mina mangingahlazeki.
Mabashaywe uvalo,
Kodwa mina mangingashaywa uvalo.
Balethele usuku lwenhlekelele,[c]
Ubaphihlize ubabhubhise ngokuphelele.*

19 Yilokhu uJehova akushilo kimi: "Hamba, ume esangweni lamadodana abantu lelo amakhosi akwaJuda angena futhi aphume ngalo, nakuwo wonke amasango aseJerusalema.[d]
20 Kumele uthi kubo, 'Yizwani izwi likaJehova, nina makhosi akwaJuda nawo wonke uJuda nani nonke zakhamuzi zaseJerusalema, eningena ngala masango.
21 Yilokhu uJehova akushoyo: "Ziqapheni, ningathwali mthwalo ngosuku lweSabatha noma niwungenise ngamasango aseJerusalema.[e]
22 Aku-

17:9 *Noma kungaba, "ayelapheki." 17:10 *Noma, "imizwa ejulile." NgesiHebheru, "izinso." 17:11 *Uhlobo lwenyoni efana nenkukhu. #Noma, "ngokungenabulungisa." 17:13 *NgesiHebheru, "abangihlubukayo," cishe kubhekiselwa kuJehova.

17:18 *Noma, "ubabhubhise ngokuphindwe kabili."

ISAHL. 17
a Gen 6:5; Gen 8:21; IzA 28:26
b 1Sa 16:7; 1Kr 28:9; IzA 17:3; IzA 21:2
c Rom 2:6; Gal 6:7; IsA 2:23; IsA 22:12
d IzA 28:20; Isay 1:23; Jak 5:4
e 2Kr 2:5; Isay 6:1
f Hu 73:27; Isay 1:28
g Jer 2:13; IsA 22:1
h Jer 15:20

Uhla 2
a Isay 5:19; 2Pe 3:4
b Jer 15:15; Jer 20:11
c Jer 18:23
d Jer 7:2
e Neh 13:19

mele nikhiphe umthwalo ema-
khaya enu ngosuku lweSaba-
tha; ningenzi lutho.[a] Kume-
le nilungcwelise usuku lweSa-
batha, njengoba nje ngaya-
la okhokho benu.[b] **23** Kodwa
abazange balalele noma bana-
ke, kunalokho ngenkani benqa-
ba* ukulalela noma ukwamuke-
la isiyalo."'[c]

**24** "'"Nokho, uma ningilale-
lisisa," kusho uJehova, "ninga-
ngenisi mthwalo ngamasango
aleli dolobha ngosuku lweSa-
batha kodwa ningcwelise usu-
ku lweSabatha ngokungenzi
lutho ngalo,[d] **25** kuyongena
ngamasango aleli dolobha ama-
khosi nezikhulu ezihlezi esi-
hlalweni sobukhosi sikaDavi-
de,[e] ezigibela inqola namahha-
shi, wona nezikhulu zawo, ama-
doda akwaJuda nezakhamu-
zi zaseJerusalema;[f] futhi kule-
li dolobha kuyohlala abantu
kuze kube phakade. **26** Kuyo-
fika abantu bevela emado-
lobheni akwaJuda, ezindaweni
ezizungeze iJerusalema, ezwe-
ni lakwaBhenjamini,[g] ezweni
elisethafeni,[h] ezintabeni nase-
Negebhi,* belethe iminikelo
eshiswa ngokuphelele,[i] imihla-
tshelo,[j] iminikelo yokudla oku-
sanhlamvu,[k] impepho enephu-
nga elimnandi nemihlatshelo
yokubonga endlini kaJehova.[l]

**27** "'"Kodwa uma ningangi-
laleli ngokuba ningcwelise usu-
ku lweSabatha futhi ni-
ngathwali mithwalo niyingeni-
se ngamasango aseJerusalema
ngosuku lweSabatha, ngiyowa-
shisa ngomlilo amasango alo,
nakanjani umlilo uyoshisa imi-
bhoshongo yaseJerusalema[m]
enezivikelo eziqinile futhi nge-
ke ucimeke."'"[n]

**18** Leli yizwi elafika kuJere-
miya livela kuJehova, la-
thi: **2** "Sukuma uye endlini yo-
mbumbi,[a] ngizokhuluma nawe
lapho."

**3** Ngakho ngahamba nga-
ya endlini yombumbi, ngamfica
ebumba isitsha. **4** Kodwa isi-
tsha ayesibumba sonakala esa-
ndleni sakhe. Ngakho umbu-
mbi wenza esinye isitsha, nje-
ngoba ayebona kufanele.*

**5** Izwi likaJehova laphinde
lafika kimi, lathi: **6** "'Angi-
kwazi yini ukwenza njengalo
mbumbi kini nina ndlu ka-Isra-
yeli?' kusho uJehova. 'Njengo-
bumba esandleni sombumbi, ni-
njalo nani esandleni sami, nina
ndlu ka-Israyeli.[b] **7** Noma nini
lapho ngingase ngikhulume
ngokusiphula, ukubhidliza no-
kubhubhisa isizwe noma umbu-
so,[c] **8** bese leso sizwe sibu-
yeka ububi baso engisixwayise
ngabo, ngiyowushintsha umqo-
ndo* ngaleyo nhlekelele ebengi-
hlose ukuyiletha kuso.[d] **9** Ko-
dwa noma nini lapho ngikhulu-
ma ngokwakha nokutshala isi-
zwe noma umbuso, **10** bese
senza okubi emehlweni ami
singangilaleli, ngiyowushintsha
umqondo* ngokuhle ebengihlo-
se ukusenzela kona.'

**11** "Manje, ngicela uthi kuba-
ntu bakwaJuda nakwabakhileyo
eJerusalema, 'Yilokhu uJehova
akushoyo: "Ngihlela* ukunile-
thela inhlekelele futhi nginakhe-
la icebo. Ngicela nishiye izindle-
la zenu ezimbi nishintshe neze-
nzo zenu."'"[e]

**12** Kodwa bathi: "Akusi-
zi ngalutho![f] Ngoba sizokwe-
nza esikucabangayo, ngamunye

---

**17:23** *NgesiHebheru, "benza lukhuni intamo yabo." **17:26** *Noma, "naseningizimu."

**18:4** *NgesiHebheru, "njengoba ayebona kukuhle emehlweni akhe." **18:8, 10** *Noma, "ngiyozisola." **18:11** *NgesiHebheru, "Ngilungiselela."

---

ISAHL. 17
a Eks 20:9, 10; Lev 23:3
b Eks 31:13
c Isay 48:4; Hez 20:13
d Dut 5:12-14
e Hu 132:11
f Jer 22:4
g Jer 32:44
h Jer 33:13
i Lev 1:3
j Ezr 3:3
k Lev 2:1, 2
l Hu 107:22; Hu 116:17; Jer 33:10, 11
m 2Kh 25:9, 10; Jer 39:8
n 2Kh 22:16, 17; IsiL 4:11

Uhla 2

ISAHL. 18
a Jer 19:1
b Rom 9:20, 21
c Jer 1:10; Jer 12:14; Jer 25:9; Jer 45:4
d 1Kh 8:33, 34; Hu 106:45; Jer 7:3; Jer 26:3; Hez 18:21; Jow 2:13; Jon 3:5, 10
e Isay 1:16; Hez 18:23
f Jer 2:25

kithi ngenkani uzokwenza ngokwenhliziyo yakhe embi."[a]

13 Ngakho-ke yilokhu uJehova akushoyo:

"Ngicela nibuze abantu bezizwe.
Ubani owake wezwa into enjengale?
Intombi yakwa-Israyeli yenze into eshaqisayo.[b]
14 Iqhwa laseLebhanoni lingancibilika yini emadwaleni ehlelayo?
Noma angasha yini amanzi abandayo asuka kude?
15 Kodwa isizwe sami singikhohliwe.[c]
Ngoba senzela into engenanzuzo imihlatshelo,*[d]
Senza abantu bakhubeke ezindleleni zabo, izindlela zakudala,[e]
Ukuze bahambe emigwaqweni emincane emahhadlahhadla,#
16 Ukuze senze izwe laso libe yinto eshaqisayo[f]
Nento yokushayelwa ikhwela kuze kube phakade.[g]
Wonke umuntu odlula ngakulo uyoligqolozela eshaqekile anikine ikhanda.[h]
17 Njengomoya wasempumalanga ophephula izinhlanga, nami ngiyosihlakaza phambi kwesitha.
Ngiyosifulathela, ngeke ngisibheke lapho sehlelwa inhlekelele."[i]

18 Sathi: "Wozani, masimakheleni uzungu uJeremiya,[j] ngoba abapristi bethu bayohlale bewazi umthetho* namadoda ahlakaniphile ayohlale eneseluleko noma izwi labaprofethi. Wozani, masimhlasele ngamazwi,* singakunaki nhlobo akushoyo."

19 O Jehova, nginake,
Ulalele lokho abamelene nami abakushoyo.
20 Ingabe okuhle kufanele kubuyiselwe ngokubi?
Ngoba bangimbele umgodi.[a]
Khumbula okuhle engakukhuluma ngabo phambi kwakho,
Ukuze ungabathukutheleli.
21 Ngakho yenza amadodana abo abulawe indlala,
Uwanikele enkembeni.[b]
Kwangathi omkabo bangaphucwa izingane, babe abafelokazi.[c]
Kwangathi amadoda abo angabulawa yisifo esiwumshayabhuqe,
Izinsizwa zabo zibulawe ngenkemba empini.[d]
22 Makuzwakale ukukhala ezindlini zabo,
Lapho ubalethela abaphangi bengalindele.
Ngoba bangimbele umgodi ukuze bangibambe,
Babekele izinyawo zami izicupho.[e]
23 Kodwa wena Jehova,
Uwazi kahle wonke amacebo abo okungibulala.[f]
Ungasimbozi isiphambeko sabo,
Ungasisuli isono sabo phambi kwakho.
Mabakhubeke phambi kwakho[g]
Lapho usubajezisa ngenxa yentukuthelo yakho.[h]

19 Yilokhu uJehova akushilo: "Hamba, uthenge isitsha sobumba kumbumbi,[i] uhambe nabathile emadodeni amadala

18:15 *NgesiHebheru, "sishunqisela into engenanzuzo intuthu yemihlatshelo." #Noma, "engakhiwanga." 18:18 *Noma, "bezazi iziqondiso."

18:18 *NgesiHebheru, "masimshaye ngolimi."

ISAHL. 18
a Dut 29:19, 20; Jer 7:24
b Jer 2:13
c Jer 2:19; Jer 3:21
d Jer 10:14, 15
e Jer 6:16
f Lev 26:33; Hez 6:14
g 1Kh 9:8; Jer 19:8; IsiL 2:15; Mik 6:16
h Dut 28:37
i Dut 31:17
j Jer 11:19

Uhla 2
a Hu 35:7
b Jer 12:3
c IsiL 5:3
d 2Kr 36:17
e Hu 38:12
f Jer 11:19, 20
g Hu 35:4
h Jer 15:15

ISAHL. 19
i Jer 18:2

kubantu nabathile emadodeni amadala kubapristi, **2** uye eSigodini Sendodana KaHinomu,[a] esisemnyango weSango Lombumbi. Ufike umemezele la mazwi engikutshela wona. **3** Uthi, 'Yizwani izwi likaJehova nina makhosi akwaJuda nani zakhamuzi zaseJerusalema. Yilokhu uJehova wamabutho, uNkulunkulu ka-Israyeli, akushoyo:

"'"Ngizoletha inhlekelele kule ndawo, noma ubani oyozwa ngayo uyoshaqeka. **4** Ngoba bangishiyile[b] futhi benze le ndawo ngangabe ngisayiqaphela.[c] Benzela abanye onkulunkulu ababengabazi imihlatshelo kuyo, bona nokhokho babo namakhosi akwaJuda, bagcwalise le ndawo ngegazi labantu abangenacala.[d] **5** Bakhe izindawo eziphakeme zikaBhali ukuze bashise amadodana abo emlilweni njengeminikelo eshiswa ngokuphelele eya kuBhali,[e] into engingazange ngiyiyaleze noma ngikhulume ngayo, nengingakaze ngiyicabange nokuyicabanga."'*[f]

**6** "'"Ngakho lalelani, kuza izinsuku," kusho uJehova, "lapho le ndawo ingeke isabizwa ngokuthi yiThofeti noma yiSigodi Sendodana KaHinomu, kodwa iyobizwa ngokuthi yiSigodi Sokubulala.[g] **7** Ngiyowabhuntshisa amacebo abantu bakwaJuda nabaseJerusalema kule ndawo, ngiyobanikela enkembeni yezitha zabo nakulabo abafuna ukubabulala. Izidumbu zabo ngiyozinika izinyoni zamazulu nezilwane zasendle ukuba zidle.[h] **8** Leli dolobha ngiyolenza into eshaqisayo nento yokushayelwa ikhwela. Wonke umuntu odlula ngakulo uyoligqolozela eshaqekile aze ashaye ikhwela ngenxa yakho konke okulehlele.[a] **9** Ngiyokwenza ukuba badle inyama yamadodana neyamadodakazi abo, futhi yilowo nalowo uyodla inyama yomuntu wakubo, ngenxa yokuvinjezelwa nokuswela lapho becindezelwe izitha zabo nalabo abafuna ukubabulala."'[b]

**10** "Uyobe ususiphihliza isitsha phambi kwamadoda ohamba nawo, **11** bese uthi kuwo, 'Yilokhu uJehova wamabutho akushoyo: "Ngizosiphihliza ngale ndlela lesi sizwe naleli dolobha, njengalapho umuntu ephihliza isitsha sombumbi singabe sisalungiseka; bayongcwaba abafile eThofeti kuze kuphele indawo yokungcwaba."'[c]

**12** "'Yilokho engizokwenza kule ndawo,' kusho uJehova, 'nasezakhamuzini zayo, ukuze ngenze leli dolobha lifane neThofeti. **13** Izindlu zaseJerusalema nezindlu zamakhosi akwaJuda ziyongcola njengeThofeti,[d] zonke izindlu ababenza imihlatshelo ophahleni lwazo benzela zonke izinkanyezi zamazulu[e] futhi bethululela abanye onkulunkulu iminikelo ephuzwayo.'"[f]

**14** Lapho uJeremiya ebuya eThofeti uJehova ayemthume kulo ukuba ayoprofetha, wafike wama egcekeni lendlu kaJehova wathi kubo bonke abantu: **15** "Yilokhu uJehova wamabutho, uNkulunkulu ka-Israyeli, akushoyo, 'Ngiletha kuleli dolobha nakuwo wonke amadolobhana angaphansi kwalo yonke inhlekelele engithe izolehlela, ngoba ngenkani abawalalelanga* amazwi ami.'"[g]

**19:5** *Noma, "nengazangе ifike enhliziyweni yami."

**19:15** *NgesiHebheru, "ngoba bayenza lukhuni intamo yabo ngokungawalaleli."

**ISAHL. 19**

*a* Jos 15:8, 12; 2Kr 28:1, 3; Jer 7:31
*b* 2Kh 22:16, 17; Isay 65:11
*c* 2Kr 33:1, 4
*d* 2Kh 21:16; Isay 59:7; Jer 2:34; IsiL 4:13; Mat 23:34, 35
*e* 2Kr 28:1, 3; 2Kr 33:1, 6; Isay 57:5
*f* Lev 18:21; Jer 7:31; Jer 32:35
*g* Jer 7:32
*h* Dut 28:25, 26; Hu 79:2; Jer 7:33; Jer 16:4

**Uhla 2**

*a* 1Kh 9:8; Jer 18:16; IsiL 2:15
*b* Lev 26:29; Dut 28:53; IsiL 2:20; IsiL 4:10; Hez 5:10
*c* Jer 7:32
*d* Hu 79:1
*e* Jer 8:1, 2; Zef 1:4, 5
*f* Jer 7:18; Jer 32:29
*g* Neh 9:17, 29; Zak 7:12

20 Manje uPhashuri indodana ka-Imeri, umpristi, owayengumphathi endlini ka-Jehova, wayelalele ngesikhathi uJeremiya eprofetha lezi zinto.
2 Ngemva kwalokho uPhashuri wamshaya uJeremiya umprofethi wamfaka esitokisini*[a] esasiseSangweni Elingenhla LikaBhenjamini, elalingasendlini kaJehova.
3 Kodwa ngosuku olulandelayo uPhashuri wamkhipha uJeremiya esitokisini, uJeremiya wathi kuye:
"UJehova ukuqambe ngokuthi unguKwesaba Nxazonke, awuyena uPhashuri.[b]
4 Ngoba yilokhu uJehova akushoyo, 'Ngizokwenza wena nabangani bakho nesabe, izitha zabo ziyobabulala ngenkemba ubhekile;[c] wonke uJuda ngiyomnikela esandleni senkosi yaseBhabhiloni, abanye iyobadingisela eBhabhiloni, abanye ibabulale ngenkemba.[d]
5 Wonke umnotho waleli dolobha, zonke izinto zalo, wonke amagugu alo nayo yonke ingcebo yamakhosi akwaJuda ngiyokunikela ezitheni zalo.[e] Ziyokuphanga zikuthathe zikuyise eBhabhiloni.[f]
6 Kodwa wena, Phashuri, nabo bonke abahlala endlini yakho, niyothunjwa. Uyoyiswa eBhabhiloni ufele khona, futhi uyongcwatshelwa khona nabo bonke abangani bakho, ngoba uprofethe amanga kubo.'"[g]

7 O Jehova, ungikhohlisile, ngakhohliseka.
Uzibonakalise unamandla kunami, wanqoba.[h]
Ngibe yinhlekisa usuku lonke;
Wonke umuntu uhlekisa ngami.[i]
8 Ngoba njalo uma ngikhuluma kumele ngimemeze ngithi,
"Udlame nokucekela phansi!"
Izwi likaJehova lingibangele ukuba ngithukwe nokuba ngidelelwe usuku lonke.[a]
9 Ngakho ngathi: "Ngeke ngisakhuluma ngaye,
Ngeke ngisakhuluma ngegama lakhe."[b]
Kodwa enhliziyweni yami izwi lakhe laba njengomlilo ovuthayo ovalelwe emathanjeni ami,
Ngakhathala ukuzibamba;
Ngangingasakwazi ukubekezela.[c]
10 Ngoba ngezwa imibiko eminingi emibi;
Ngangikhungethwe ukwesaba.[d]
"Mmangaleleni; masimmangalele!"
Wonke umuntu owayengifisela ukuthula wayelinde ukungibona ngiwa:[e]
"Mhlawumbe uzokwenza iphutha ngobuwula,
Bese simnqoba, siziphindiselele kuye."
11 Kodwa uJehova wayenami njengeqhawe elesabisayo.[f]
Yingakho labo abangishushisayo beyokhubeka futhi ngeke banqobe.[g]
Bayohlazeka kakhulu, ngoba ngeke baphumelele.
Ukululazeka kwabo kwaphakade ngeke kulibaleke.[h]
12 Kodwa wena, Jehova wamabutho, uhlola olungile;
Ubona imicabango ejulile* nenhliziyo.[i]

ISAHL. 20
a 2Kr 16:10
b Jer 6:25
c Dut 28:32
d Jer 25:9 Jer 39:9
e 2Kh 20:17 2Kh 24:11, 13 2Kh 25:13-15 IsiL 1:10
f 2Kr 36:10 Jer 15:13
g Jer 14:14 Jer 28:15 Jer 29:21
h Hez 3:14 Mik 3:8
i Hu 22:7 Jer 15:10, 15

Uhla 2
a 2Kr 36:16 Jer 6:10
b 1Kh 19:2, 4 Jon 1:3
c Jer 6:11 Amo 3:8 IzE 4:19, 20
d Hu 31:13
e Hu 38:16
f Jer 1:8 Rom 8:31
g Hu 27:2 Jer 15:15, 20 Jer 17:18
h Hu 6:10
i Jer 17:10

20:2 *Yinto eyayakhiwe ngamapulangwe yokubopha umuntu kufakwe intamo, izandla nezinyawo ukuze ahlale kabuhlungu.

20:12 *Noma, "imizwa ejulile." NgesiHebheru, "izinso."

Mangibone lapho uphindi-
sela kubo,[a]
Ngoba icala lami ngilethule
kuwe.[b]
13 Culelani uJehova! Dumisa-
ni uJehova!
Ngoba usindise ohluphekile
kulabo abenza okubi.
14 Maluqalekiswe usuku enga-
zalwa ngalo!
Kwangathi usuku umama
angibeletha ngalo lunga-
ngabusiswa![c]
15 Makaqalekiswe umuntu
owaletha izindaba ezinhle
kubaba, wathi:
"Uzalelwe indodana!"
Wamenza wajabula ka-
khulu.
16 Kwangathi lowo muntu
angaba njengamadolobha
uJehova awagumbuqela
wangazisola.
Makezwe ukukhala ekuseni
nokumemeza emini.
17 Akangibulalanga ngani ngi-
sesesibelethweni,
Ukuze umama abe yithuna
lami
Isibeletho sakhe sihlale si-
khulelwe?[d]
18 Kungani kwadingeka ngi-
zalwe
Ukuze ngibone izinkinga
nosizi,
Ukuba ngife ngisehla-
zweni?[e]

**21** Kwafika izwi kuJeremi-
ya livela kuJehova ngesi-
khathi iNkosi uZedekiya[f] ithu-
mela kuye uPhashuri[g] indo-
dana kaMalikhija noZefaniya[h]
indodana kaMahaseya, umpri-
sti, bethi: **2** "Sicela usibuzele
kuJehova, ngoba inkosi yase-
Bhabhiloni uNebukhadinezari*
ilwa nathi.[i] Mhlawumbe uJeho-
va uzosenzela izimangaliso nje-
ngoba enza kudala bese iho-
xa."[a]
**3** UJeremiya wathi kubo:
"Yilokhu okufanele nikusho ku-
Zedekiya, **4** 'Yilokhu uJehova
uNkulunkulu ka-Israyeli aku-
shoyo: "Ngiphendula izikhali
zempi enilwa ngazo nenko-
si yaseBhabhiloni[b] namaKha-
ledi anivimbezele ngaphandle
kodonga ukuba zimelane nani.
Ngizoziqoqa ngizibeke phaka-
thi nedolobha. **5** Mina ngizo-
lwa[c] nani ngesandla eseluliwe
nangengalo enamandla, nge-
ntukuthelo, ngokufutheka na-
ngolaka olukhulu.[d] **6** Ngizo-
shaya izakhamuzi zaleli dolo-
bha, kokubili abantu nezilwa-
ne. Bazobulawa yisifo esikhulu
esiwumshayabhuqe."'[e]
**7** "'"Ngemva kwalokho," ku-
sho uJehova, "uZedekiya inko-
si yakwaJuda, izinceku zakhe
nabantu baleli dolobha—labo
abasinde esifweni esiwumsha-
yabhuqe, enkembeni nasendla-
leni—ngiyobanikela esandleni
sikaNebukhadinezari* inkosi
yaseBhabhiloni, ezitheni zabo
nakulabo abafuna ukubabula-
la.[f] Uyobabulala ngenkemba.
Ngeke abahawukele, ngeke
abazwele noma ababonise isi-
he."'[g]
**8** "Kufanele uthi kulesi si-
zwe, 'Yilokhu uJehova aku-
shoyo: "Ngibeka phambi kwe-
nu indlela yokuphila nendle-
la yokufa. **9** Labo abangaba-
leki kuleli dolobha bayofa nge-
nkemba, ngendlala nangesi-
fo esiwumshayabhuqe. Kodwa
lowo ophumayo azinikele ku-
maKhaledi anivimbezele uyo-
qhubeka ephila, uyosindisa
ukuphila kwakhe."'[h]

**ISAHL. 20**
a Hu 59:10; Jer 17:18
b Jer 11:20; 1Pe 2:23
c Job 3:3; Jer 15:10
d Job 10:18
e Job 3:20

**ISAHL. 21**
f 2Kh 24:18; 1Kr 3:15; 2Kr 36:9, 10
g Jer 38:1
h Jer 29:25; Jer 37:3; Jer 52:24, 27
i 2Kh 25:1; Jer 32:28; Jer 39:1

**Uhla 2**
a 1Sa 7:10; 2Kr 14:11; Isay 37:36, 37
b Jer 32:5
c Isay 63:10; IsiL 2:5
d Isay 5:25
e Dut 28:21, 22; Hez 7:15
f 2Kh 25:6, 7; Jer 37:17; Jer 39:5-7; Jer 52:9-11; Hez 17:20
g Dut 28:49, 50; 2Kr 36:17
h Jer 27:12, 13; Jer 38:2, 17

**21:2** *NgesiHebheru, "uNebukhadirezari," enye indlela yokulibhala.

**21:7** *NgesiHebheru, "sikaNebukhadirezari," enye indlela yokulibhala.

**10** “ ‘ “Ngililahlile leli dolo-
bha, liyokwehlelwa inhlekelele
futhi akukho okuhle eliyoku-
thola,”[a] kusho uJehova. “Liyo-
nikelwa enkosini yaseBhabhi-
loni,[b] yona iyolishisa ngomli-
lo.”[c]

**11** “ ‘Wena ndlu yenkosi ya-
kwaJuda: Yizwa izwi likaJeho-
va. **12** O nina ndlu kaDavide,
yilokhu uJehova akushoyo:

“Yibani nobulungisa njalo,
Nisize ontshontshelwa yisigebengu,[d]
Ukuze intukuthelo yami ingavuthi njengomlilo[e]
Ivuthe kungenamuntu ozoyicima
Ngenxa yezenzo zenu ezimbi.” ’[f]
**13** ‘Nina enihlala esigodini* ngizonijezisa,
O nina bantu enihlala edolobheni elakhiwe edwaleni,’ kusho uJehova.
‘Nina enithi: “Ngubani ozomelana nathi?
Ngubani ozongena ngenkani ezindaweni zethu zokuhlala?”
**14** Ngizonijezisa,
Ngokwezenzo zenu’[g] kusho uJehova.
‘Ngizolishisa ngomlilo ihlathi lenu,
Futhi uyoshisa zonke izinto ezinxazonke zenu.’ ”[h]

**22** Yilokhu uJehova akusho-
yo: “Hambisa lo myalezo
esigodlweni* senkosi yakwaJu-
da. **2** Ufike uthi, ‘Yizwa izwi
likaJehova nkosi yakwaJuda
ehlezi esihlalweni sobukhosi
sikaDavide, wena nezinceku za-
kho nabantu bakho, labo aba-
ngena ngala masango. **3** Yilo-
khu uJehova akushoyo: “Ya-
hlulelani ngobulungisa nango-
kulunga. Nisize othathelwa izi-
nto zakhe ngokungafanele yisi-
gebengu. Ningasihlukumezi isi-
fiki, ningayilimazi intandane
noma umfelokazi.[a] Ningachithi
gazi elingenacala kule ndawo.[b]
**4** Ngoba uma niwagcina ngo-
kucophelela la mazwi, amakho-
si ahlala esihlalweni sobukho-
si sikaDavide[c] ayongena nga-
masango alesi sigodlo, egibele
izinqola namahhashi, wona ne-
zinceku zawo nabantu bawo.” ’[d]

**5** “ ‘Kodwa uma ningeke ni-
walalele la mazwi, ngegama
lami ngiyafunga,’ kusho uJeho-
va, ‘ukuthi lesi sigodlo siyoce-
kelwa phansi.’[e]

**6** “Ngoba yilokhu uJehova
akushoyo ngokuphathelene ne-
sigodlo senkosi yakwaJuda,

‘Kimi unjengeGileyadi,
Njengesiqongo sentaba yaseLebhanoni.
Kodwa ngiyokwenza ube yihlane;
Alikho nelilodwa idolobha lakho okuyohlala abantu kulo.[f]
**7** Ngizomisa* ababhubhisi,
Ngamunye ephethe izikhali zakhe;[g]
Bayogawula imisedari yakho yekhethelo
Bayiphonse emlilweni.[h]

**8** “ ‘Izizwe eziningi ziyodlu-
la ngakuleli dolobha zithi esi-
nye kwesinye: “Kungani uJeho-
va enza kanje kuleli dolobha
elikhulu?”[i] **9** Ziyophendulana
zithi: “Kungenxa yokuthi basi-
phula isivumelwano sikaJeho-
va uNkulunkulu wabo, bakho-
thamela abanye onkulunkulu
babakhonza.” ’[j]
**10** Ningamkhaleli ofile,
Ningazwelani naye.

---

**21:13** *Noma, “ethafeni.” **22:1** *Noma, “endlini.”

**22:7** *NgesiHebheru, “Ngizongcwelisa.”

**ISAHL. 21**
a Jer 44:11
b Jer 38:3
c 2Kr 36:17, 19; Jer 17:27; Jer 34:2; Jer 37:10; Jer 39:8
d Isay 1:17; Jer 22:3; Hez 22:29; Mik 2:2
e Dut 32:22; Isay 1:31; Jer 7:20
f Jer 7:5-7
g Jer 5:9; Jer 9:9
h 2Kr 36:17, 19; Jer 52:12, 13

**Uhla 2**

**ISAHL. 22**
a Lev 19:15; Isay 1:17; Hez 22:7; Mik 2:2
b 2Kh 24:3, 4; Jer 7:6, 7
c 1Kh 2:12
d Jer 17:24, 25
e Jer 39:8; Mik 3:12
f Isay 6:11; Jer 7:34
g Hez 9:1
h Jer 21:14
i Dut 29:24-26; 1Kh 9:8, 9; IsiL 2:15
j 2Kh 22:16, 17

Kunalokho, khalelani kakhulu lowo oya ekudingisweni,
Ngoba ngeke esabuya ezobona izwe azalelwa kulo.

**11** “Ngoba yilokhu uJehova
akushoyo ngoShalumi*[a] indo-
dana kaJosiya, inkosi yakwa-
Juda obusa esikhundleni si-
kaJosiya[b] uyise, owadingiswa
kule ndawo: ‘Ngeke esabu-
ya. **12** Ngoba uyofela endawe-
ni abamdingisele kuyo, ngeke
aphinde alibone leli zwe.’[c]

**13** Maye kulowo owakha indlu yakhe ngokungathembeki
Namakamelo akhe aphezulu ngokungenabulungisa,
Osebenzisa umuntu angamniki lutho,
Owenqaba ukumholela;[d]
**14** Lowo othi, ‘Ngizozakhela indlu enkulu
Enamakamelo aphezulu avulekile.
Ngizoyifaka amafasitela,
Ngiyishayelele ngamapulangwe omsedari bese ngiyipenda ngopende obomvu.’
**15** Uzoqhubeka yini ubusa ngenxa yokuthi ungcono kunabanye ngokusebenzisa umsedari?
Uyihlo wadla waphuza,
Kodwa wayebubonisa ubulungisa nokulunga,[e]
Ngenxa yalokho kwamhambela kahle.
**16** Wamela ohluphekile nompofu ekwahlulelweni,
Ukuze aphumelele.
‘Lokho akusho yini ukungazi mina?’ kusho uJehova.
**17** ‘Kodwa amehlo akho nenhliziyo yakho asekutholeni inzuzo ngokungathembeki kuphela,
Ekuchitheni igazi elingenacala,
Ekukhwabaniseni nasekuthatheni izinto zabanye ngenkohlakalo.’

**18** “Ngakho yilokhu uJeho-
va akushoyo ngoJehoyakimi[a]
indodana kaJosiya, inkosi ya-
kwaJuda,

‘Akukho muntu ozokhala komunye, athi:
“Maye, mfowethu! Maye, dadewethu!”
Akukho muntu ozokhala athi ngaye:
“Maye nkosi! Maye, isithunzi sakhe siphelile!”
**19** Uyongcwatshwa njengembongolo,[b]
Isidumbu sakhe siyohudulwa silahlwe kude,
Ngaphandle kwamasango eJerusalema.’[c]
**20** Hamba uye eLebhanoni ufike umemeze,
Memeza useBhashani,
Memeza use-Abharimi,[d]
Ngoba bonke abantu abakuthanda kakhulu babulewe.[e]
**21** Ngakhuluma nawe ngesikhathi uzizwa uphephile.
Kodwa wathi, ‘Ngeke ngilalele.’[f]
Ubulokhu wenza ngale ndlela kusukela ebusheni bakho,
Ngoba awulilalelanga izwi lami.[g]
**22** Umoya uyobelusa bonke abelusi bakho,[h]
Labo abakuthanda kakhulu bayothunjwa.
Uyoba namahloni futhi uyohlazeka ngenxa yenhlekelele ezokwehlela.
**23** O wena ohlala eLebhanoni,[i]
Onethezekile phakathi kwemisedari,[j]

---

**22:11** *Obizwa nangokuthi uJehowahazi.

ISAHL. 22
a 1Kr 3:15; 2Kr 36:1
b 2Kh 23:29, 30
c 2Kh 23:34; 2Kr 36:4
d Lev 19:13; Mik 3:9, 10
e 2Kh 22:1, 2; 2Kh 23:23, 25

Uhla 2
a 2Kh 23:34; 2Kr 36:4
b Jer 36:30
c 2Kr 36:5, 6
d Dut 32:49
e 2Kh 24:7
f Jer 2:31; Jer 6:16
g Dut 9:7; Hlu 2:11
h Jer 23:1; Hez 34:2
i Jer 22:6
j Isay 2:12, 13

Uyoquma lapho usezinhlu-
ngwini,
Njengalapho owesifazane
ebeletha!”*[a]

**24** “‘Ngiyafunga,’ kusho uJe-
hova, ‘ngisho noma uKhoniya*[b]
indodana kaJehoyakimi,[c] inkosi
yakwaJuda, ubeyindandatho yo-
phawu esandleni sami soku-
dla, bengiyomhluthula ngimsu-
se lapho! **25** Ngiyokunikela ku-
labo abafuna ukukubulala, ku-
labo obesabayo, kuNebukhadi-
nezari* inkosi yaseBhabhiloni
nakumaKhaledi.[d] **26** Wena no-
nyoko owakuzala ngiyonijikije-
la kwelinye izwe eningazalelwa-
nga kulo, futhi niyofela khona.
**27** Ngeke nibuyele ezweni eni-
langazelela ukuya kulo.[e]

**28** Ingabe lo muntu uKhoniya
uyinto edelelekile, isitsha
esiphahlaziwe,
Isitsha esingafunwa mu-
ntu?
Kungani yena nenzalo ya-
khe belahliwe
Belahlelwe ezweni abanga-
lazi?’[f]

**29** O mhlaba, mhlaba, mhlaba,
yizwa izwi likaJehova.

**30** Yilokhu uJehova akushoyo:
‘Lo muntu akabe njengo-
ngenangane,
Indoda engeke ize iphume-
lele ekuphileni,*
Ngoba akekho enzalweni
yakhe oyophumelela,
Oyohlala esihlalweni sobu-
khosi sikaDavide, aphi-
nde abuse kwaJuda.’ ”[g]

**23** “Maye kubelusi ababhu-
bhisa futhi bahlakaze izi-
mvu zedlelo lami!” kusho uJe-
hova.[h]

**2** Yilokhu uJehova uNkulu-
nkulu ka-Israyeli akushoyo ku-
belusi abelusa abantu bakhe:
“Nihlakaze izimvu zami; na-
qhubeka nizihlakaza, anizange
nizinake.”[a]

“Ngakho ngizonijezisa nge-
nxa yezenzo zenu ezimbi,” ku-
sho uJehova.

**3** “Ngiyobe sengiqoqela nda-
wonye izimvu zami ezisele
engizihlakazele kuwo wonke
amazwe,[b] ngizozibuyisela edle-
lweni lazo,[c] ziyozala zande.[d]
**4** Ngiyomisa abelusi abayoze-
lusa ngempela.[e] Ngeke zisesa-
ba noma zethuke, ayikho ne-
yodwa eyolahleka,” kusho uJe-
hova.

**5** “Kuza izinsuku,” kusho
uJehova, “lapho ngiyovusela
uDavide indlalifa elungile.[f] Iyo-
busa njengenkosi,[g] iyobonisa
ukuqonda, ekwenzayo iyokwe-
nza ngobulungisa nangoku-
lunga ezweni.[h] **6** Ezinsukwini
zayo, uJuda uyosindiswa[i] no-
Israyeli uyohlala ngokulonde-
ka.[j] Yileli igama eyobizwa nga-
lo: UJehova Ungukulunga Kwe-
thu.”[k]

**7** “Nokho, kuza izinsuku,”
kusho uJehova, “lapho benge-
ke besasho ukuthi, ‘Ngimfunge
uJehova owakhipha abantu ba-
kwa-Israyeli ezweni laseGibhi-
the!’[l] **8** kodwa bayothi, ‘Ngi-
mfunge uJehova owabuyisa
inzalo yendlu ka-Israyeli eyi-
khipha ezweni lasenyakatho
nakuwo wonke amazwe ayeyi-
hlakazele kuwo,’ futhi iyohlala
ezweni layo.”[m]

**9** Umyalezo oya kubaprofe-
thi:

Inhliziyo yami iphukile.
Wonke amathambo ami
ayaqhaqhazela.
Nginjengomuntu odakiwe
Nanjengomuntu ohlulwe yi-
wayini,

**22:23** *NgesiHebheru, “efikelwa imihe-
lo.” **22:24** *Obizwa nangokuthi uJeho-
yakini noma uJekoniya. **22:25** *Ngesi-
Hebheru, “kuNebukhadirezari,” enye
indlela yokulibhala. **22:30** *NgesiHe-
bheru, “ezinsukwini zayo.”

ISAHL. 22
a Jer 4:31; Jer 6:24
b 2Kh 24:6; Jer 22:28; Jer 37:1; Mat 1:11
c 2Kh 23:34
d 2Kh 24:12, 15; 2Kr 36:9, 10; Jer 24:1; Jer 29:1, 2
e Jer 52:31-34
f 1Kr 3:17, 18
g 2Kr 36:9, 10; Jer 36:30; Mat 1:12

ISAHL. 23
h Jer 10:21; Jer 50:6; Hez 34:2

Uhla 2
a Hez 34:5
b Isay 11:11; Isay 35:10; Jer 29:14; Jer 31:8
c Jer 50:19; Hez 34:14; Mik 2:12
d Dut 30:3, 5; Amo 9:14; Zak 10:8
e Jer 3:15; Joh 21:15; IzE 20:28
f Isay 11:1; Isay 53:2; Jer 33:15, 16; Zak 3:8; Mat 2:23
g Luk 1:32, 33
h Isay 9:7; Isay 11:3, 4; Isay 32:1
i Zak 10:6
j Dut 33:28; Jer 32:37; Zak 14:11
k Isay 54:17
l Jer 16:14, 15
m Isay 43:5; Hez 34:13; Zef 3:20

Ngenxa kaJehova nangenxa yamazwi akhe angcwele.
10 Ngoba izwe ligcwele iziphingi;[a]
Ngenxa yesiqalekiso izwe liyalila[b]
Amadlelo asehlane omile.[c]
Izindlela zabo zimbi, amandla abo bawasebenzisa kabi.
11 "Umprofethi nompristi bangcolile.*[d]
Ububi babo ngibuthole nasendlini yami,"[e] kusho uJehova.
12 "Ngakho indlela yabo iyoshelela, ibe mnyama;[f]
Bayodudulwa baze bawe.
Ngoba ngizobalethela inhlekelele
Ngonyaka wokwahlulelwa," kusho uJehova.
13 "Kubaprofethi baseSamariya[g] ngibone izinto ezinyanyisayo.
Baprofetha egameni likaBhali,
Badukisa abantu bami u-Israyeli.
14 Nakubaprofethi baseJerusalema ngibone izinto ezinyantisayo.
Bayaphinga[h] futhi baphila ngamanga;[i]
Basekela* abenza okubi,
Abazishiyi izenzo zabo ezimbi.
Kimi bonke banjengeSodoma,[j]
Abantu abahlala eJerusalema banjengeGomora."[k]

15 Ngakho-ke yilokhu uJehova wamabutho akushoyo ngabaprofethi:

"Bheka ngibenza badle umhlonyane
Ngibanika amanzi anoshevu ukuba bawaphuze.[a]
Ngoba abaprofethi baseJerusalema babangele ukuba abantu kulo lonke izwe bahlubuke."

16 Yilokhu uJehova wamabutho akushoyo:

"Ningabalaleli abaprofethi abaprofetha kini.[b]
Bayanikhohlisa.*
Bakhuluma umbono othandwa yibo,[c]
Hhayi ovela kuJehova.[d]
17 Balokhu bethi kulabo abangidelelayo,
'UJehova uthe: "Niyoba nokuthula."'[e]
Kuwo wonke umuntu olandela inhliziyo yakhe ngenkani bathi,
'Akukho nhlekelele ezonehlela.'[f]
18 Ngubani ome phakathi kwabantu abasondelene noJehova
Ukuze abone futhi ezwe izwi lakhe?
Ngubani oye wanaka izwi lakhe ukuba alizwe?
19 Kuyophuma isivunguvungu sivela kuJehova;
Ulaka lwakhe luyoba njengesiphepho, siyokhwishiza phezu kwamakhanda ababi.[g]
20 UJehova ngeke ayinqande intukuthelo yakhe
Kuze kube yilapho esekufezile akuhlosile.
Ezinsukwini zokugcina niyokuqonda ngokucacile lokhu.
21 Angibathumanga abaprofethi kodwa bona bagijima.
Angikhulumanga nabo nokho bona baprofetha.[h]

23:11 *Noma, "bayizihlubuki." 23:14 *NgesiHebheru, "Baqinisa izandla zabenza okubi."

23:16 *Noma, "Banithembisa into engekho."

ISAHL. 23
a Jer 3:8, 9; Jer 5:7; Jer 13:27; Hez 22:11
b Isay 24:4; Jow 1:10
c Jer 12:4
d Isay 28:7; Jer 5:31; Jer 6:13; Hez 22:25; Zef 3:4
e 2Kr 33:1, 5; 2Kr 36:14; Jer 7:11; Hez 8:10, 11; Hez 23:39
f Jer 13:16
g Hez 16:46
h Jer 29:21, 23
i Jer 23:26
j Isay 3:9
k Gen 18:20; Dut 32:32; Isay 1:10; Jud 7

Uhla 2
a Jer 8:14; Jer 9:15
b Jer 27:9; Jer 29:8
c IsiL 2:14
d Jer 14:14; Hez 13:3; Hez 22:28
e Jer 4:10; Jer 6:13, 14; Jer 8:11; Hez 13:10
f Mik 3:11
g Jer 25:32; Jer 30:23, 24
h Jer 14:14; Jer 27:15; Jer 29:8, 9

**22** Ukube bebesondelelene
nami,
Bebeyokwenza abantu
bami bezwe amazwi ami,
Bebeyobenza bashiye izi-
ndlela zabo ezimbi neze-
nzo zabo ezimbi."[a]
**23** "Angiboni nje kuphela izi-
nto ezenzeka eduze ko-
dwa nezenzeka kude," ku-
sho uJehova."
**24** "Umuntu angakwazi yini
ukucasha endaweni esi-
thekile ngingamboni?"[b]
kusho uJehova.
"Ikhona yini into engingeke
ngiyibone emazulwini na-
semhlabeni?"[c] kusho uJe-
hova.

**25** "Ngibezwile abaprofethi
abaprofetha amanga egame-
ni lami, bethi, 'Ngiphuphile!
Ngiphuphile!'[d] **26** Kuyoze
kube nini abaprofethi beqa-
mba amanga? Bangabaprofethi
abakhuluma amanga avela ezi-
nhliziyweni zabo.[e] **27** Bahlose
ukwenza abantu bami bakho-
hlwe yigama lami ngamaphu-
pho abaxoxelana wona, njengo-
ba nje oyise balikhohlwa igama
lami ngenxa kaBhali.[f] **28** Um-
profethi onephupho makalila-
ndise, kodwa lowo onezwi lami,
makakhulume izwi lami ngeqi-
niso."

"Uhlanga luhlangene nga-
ni nje nokudla okusanhlamvu?"
kusho uJehova.

**29** "Izwi lami alifani yini no-
mlilo,"[g] kusho uJehova, "alifani
yini nesando esiphihliza idwa-
la?"[h]

**30** "Ngakho ngizobajezisa
abaprofethi," kusho uJehova,
"abashintsha amazwi ami uku-
ze batshele abantu okutha-
ndwa yibo."[i]

**31** "Ngizobajezisa abaprofe-
thi," kusho uJehova, "abakhu-
luma okuvela kubo bathi, 'Yilo-
khu akushilo!'"[a]

**32** "Ngizobajezisa abaprofe-
thi bamaphupho angamanga,"
kusho uJehova, "abawalandisa-
yo futhi badukise abantu bami
ngenxa yamanga abo nangenxa
yokuziqhayisa kwabo."[b]

"Angibathumanga futhi angi-
bayalanga. Ngakho ngeke neze
basisize lesi sizwe,"[c] kusho
uJehova.

**33** "Uma laba bantu noma
umprofethi noma umpristi ethi
kuwe, 'Lo myalezo unjengom-
thwalo* kaJehova,' kufane-
le uthi kubo, '"Yinina eniwum-
thwalo! Futhi ngiyonishiya,"[d]
kusho uJehova.' **34** Ngoku-
phathelene nomprofethi noma
umpristi noma abantu abathi,
'Umyalezo kaJehova ungum-
thwalo!' Ngiyomjezisa lowo mu-
ntu nomndeni wakhe. **35** Nga-
munye uthi kumuntu wakubo
nakumfowabo, 'UJehova uphe-
ndule wathini? Utheni uJeho-
va?' **36** Kodwa ningabe nisa-
sho ukuthi umyalezo kaJeho-
va ungumthwalo ngoba ngumu-
ntu okhetha ukuthi athi izwi li-
kaNkulunkulu liwumthwalo, ni-
washintshile amazwi kaNkulu-
nkulu ophilayo, uJehova wa-
mabutho, uNkulunkulu wethu.

**37** "Yilokhu ozokusho kum-
profethi, 'UJehova uphendu-
le wathini? Utheni uJehova?
**38** Uma nilokhu nithi, "Umya-
lezo kaJehova ungumthwalo!"
yilokhu uJehova akushoyo:
"Ngenxa yokuthi nilokhu nithi,
'Izwi likaJehova liwumthwalo,'
kuyilapho nginitshelile ukuthi,
'Akumele nithi: "Izwi likaJeho-
va liwumthwalo!"'' **39** Ngiyo-

23:33 *Leli gama ngesiHebheru linencazelo ekabili: "isimemezelo saphezulu esinamandla" noma "okuthile okusindayo."

ISAHL. 23
a Jer 25:4, 5
b Gen 16:7, 13; IzA 15:3; Amo 9:2; Heb 4:13
c Hu 139:7
d Dut 18:20; Jer 27:9; Jer 29:21, 23
e Jer 14:14
f Hlu 3:7; 2Kh 21:1, 3
g Jer 5:14
h Heb 4:12
i Dut 18:20; Jer 14:15; Hez 13:2, 3

Uhla 2
a Hez 13:7
b Zef 3:4
c Jer 7:8; IsiL 2:14
d Jer 12:7

nilahla nginisuse phambi kwa-
mi, nina nedolobha enganinika
lona nokhokho benu. **40** Ngi-
yonilethela ihlazo elingeke li-
phele nokuhlazeka okungeke
kuphele, okungasoze kwaliba-
leka.” ’ ”[a]

**24** Ngemva kokuba inko-
si yaseBhabhiloni uNebu-
khadinezari* idingise uJekoni-
ya#[b] indodana kaJehoyakimi[c]
inkosi yakwaJuda, izikhulu za-
kwaJuda, izingcweti nabasebe-
nza ngensimbi;△ ibasusa eJe-
rusalema ibayisa eBhabhiloni,[d]
uJehova wangibonisa obhasiki-
di ababili bamakhiwane bebe-
kwe phambi kwethempeli li-
kaJehova. **2** Omunye ubhasi-
kidi wawunamakhiwane ama-
hle kakhulu, enjengamakhiwa-
ne avuthwa kuqala, kanti omu-
nye ubhasikidi wawunamakhi-
wane amabi kakhulu, engena-
kudliwa.

**3** UJehova wathi kimi: “Ubo-
nani, Jeremiya?” Ngathi: “Ngi-
bona amakhiwane; amakhiwa-
ne amahle mahle kakhulu, ko-
dwa amabi mabi kakhulu, awa-
nakudliwa.”[e]

**4** Ngemva kwalokho uJe-
hova wathi kimi: **5** “Yilokhu
mina, Jehova, Nkulunkulu ka-
Israyeli engikushoyo, ‘Njenga-
la makhiwane amahle, ngi-
babheka kanjalo abadingisi-
we bakwaJuda, engabamuki-
sa kule ndawo ngabayisa ezwe-
ni lamaKhaledi. **6** Ngiyohlale
ngibaqaphile ukuze ngibenzele
okuhle, ngiyobabuyisela kule-
li zwe.[f] Ngiyobakha, ngeke ngi-
badilize; ngiyobatshala, ngeke
ngibasiphule.[g] **7** Ngiyobanika
inhliziyo efisa ukungazi ukuthi
nginguJehova.[a] Bayoba ngaba-
ntu bami, mina ngibe nguNku-
lunkulu wabo,[b] ngoba bayobu-
yela kimi ngayo yonke inhliziyo
yabo.[c]

**8** “ ‘Ngokuphathelene nama-
khiwane amabi angenakudli-
wa,[d] yilokhu uJehova aku-
shoyo: “Ngiyoyibheka kanja-
lo inkosi yakwaJuda uZede-
kiya[e] nezikhulu zayo, abasi-
nda lapho kubhujiswa iJerusa-
lema labo abasele kuleli zwe
nalabo abahlala ezweni la-
seGibhithe.[f] **9** Ngiyobalethe-
la inhlekelele,[g] bayoba yinto
eshaqisayo kuyo yonke imibu-
so yomhlaba, babe yisihlamba,
isaga, inhlekisa nesiqalekiso[h]
kuzo zonke izindawo engiba-
hlakazela kuzo.[i] **10** Ngiyoba-
bulala ngenkemba,[j] ngendlala
nangesifo esiwumshayabhuqe,[k]
baze baphele ezweni engabani-
ka lona nokhokho babo.” ’ ”

**25** Kwafika izwi kuJeremi-
ya ngokuphathelene nabo
bonke abantu bakwaJuda ngo-
nyaka wesine kaJehoyakimi[l]
indodana kaJosiya, inkosi
yakwaJuda, okwakungunyaka
wokuqala kaNebukhadinezari*
inkosi yaseBhabhiloni. **2** Yilo-
khu uJeremiya umprofethi aku-
sho ngokuphathelene nabo bo-
nke* abantu bakwaJuda nazo
zonke izakhamuzi zaseJerusa-
lema:

**3** “Kusukela ngonyaka ka-
13 kaJosiya[m] indodana ka-
Amoni, inkosi yakwaJuda,
kuze kube namuhla, le mi-
nyaka engu-23, uJehova ubelo-
khu ekhuluma nami, mina nga-
qhubeka ngikhuluma nani
ngokuphindaphindiwe* kodwa

---

**24:1** *NgesiHebheru, “uNebukhadireza-ri,” enye indlela yokulibhala. #Ubizwa nangokuthi uJehoyakini noma uJekoniya. △Noma kungaba, “nabakhi bezindonga zokuvikela.”

**25:1** *NgesiHebheru, “kaNebukhadirezari,” enye indlela yokulibhala. **25:2** *Noma, “kubo bonke.” **25:3** *NgesiHebheru, “ngivuka ekuseni ngikhuluma.”

---

**ISAHL. 23**

*a* Jer 24:9, Jer 42:18, IsiL 5:20, Dan 9:16

**ISAHL. 24**

*b* Jer 22:24

*c* 2Kh 24:6, 1Kr 3:16

*d* 2Kh 24:15, 16, Jer 29:1, 2

*e* Jer 24:8

*f* Ezr 1:3, Jer 12:15, Jer 25:11, Jer 29:10, Hez 36:24

*g* Jer 1:10, Jer 30:18, Jer 32:41

**Uhla 2**

*a* Dut 30:6, Jer 31:33, Hez 11:19

*b* Jer 30:22, Jer 32:38, Zak 8:8

*c* Jer 29:13

*d* Jer 29:17

*e* 2Kh 25:6, 7, Hez 12:12, 13

*f* Jer 44:1, Jer 46:13

*g* Jer 15:4, Jer 34:17

*h* Jer 26:4, 6, Jer 29:22

*i* Dut 28:64, Jer 29:18

*j* Lev 26:33, Jer 9:16

*k* Dut 28:59, Jer 15:2, Hez 7:15

**ISAHL. 25**

*l* 2Kh 24:1, Jer 36:1, Jer 46:2, Dan 1:1

*m* Jer 1:2

anizange nilalele.[a] **4** UJehova
wathumela kini zonke izinceku
zakhe abaprofethi, ezithume-
la ngokuphindaphindiwe* ko-
dwa anizange nilalele noma ni-
nake.#[b] **5** Zona zazithi, 'Siya-
cela, ngamunye makashiye izi-
ndlela zakhe ezimbi nezenzo
zakhe ezimbi;[c] khona-ke niyo-
qhubeka nihlala ezweni uJe-
hova aninika lona nina nokho-
kho benu. **6** Ningalandeli aba-
nye onkulunkulu, nibakhonze
futhi nibakhothamele, ninga-
mcasuli ngokwenza izithombe;
ngale kwalokho uzonijezisa.'
**7** "'Kodwa aningilalelanga,'
kusho uJehova. 'Kunalokho na-
ngicasula ngokwenza izitho-
mbe ngakho nganijezisa.'[d]
**8** "Ngakho yilokhu uJehova
wamabutho akushoyo, '"Nge-
nxa yokuthi aniwalalelanga
amazwi ami, **9** ngithumela izi-
zwe zasenyakatho,"[e] kusho
uJehova, "ngithumela inkosi
yaseBhabhiloni uNebukhadi-
nezari,* inceku yami,[f] bazo-
bhubhisa leli zwe[g] nezakha-
muzi zalo nazo zonke lezi zi-
zwe ezinxazonke.[h] Ngizoba-
bhubhisa ngibenze babe yinto
eshaqisayo nento yokushaye-
lwa ikhwela, incithakalo yapha-
kade. **10** Ngizothulisa umsi-
ndo wokwethaba nomsindo wo-
kujabula kubo,[i] izwi lomkhwe-
nyana nezwi likamakoti,[j] umsi-
ndo wetshe lokugaya nokukha-
nya kwesibani. **11** Lonke leli
zwe liyokwenziwa incithakalo,
into eshaqisayo, lesi sizwe ku-
yodingeka sikhonze inkosi ya-
seBhabhiloni iminyaka engu-
70."'[k]

**12** "'Kodwa lapho iminyaka
engu-70 isiphelile,[a] ngizoyijezi-
sa inkosi yaseBhabhiloni na-
bantu bakhona ngenxa yeca-
la labo,'[b] kusho uJehova, 'izwe
lamaKhaledi ngizolenza libe
yincithakalo kuze kube pha-
kade.[c] **13** Ngiyokwenza kuleli
zwe ngokuvumelana nawo wo-
nke amazwi engiwakhulumile,
konke okulotshwe kule ncwadi,
uJeremiya akuprofethile nga-
zo zonke lezi zizwe. **14** Ngo-
ba izizwe eziningi namakho-
si amakhulu,[d] ziyobenza izigqi-
la,[e] ngizozibuyisela ngokweze-
nzo zazo nangokomsebenzi we-
zandla zazo.'"[f]
**15** Ngoba yilokhu uJehova
uNkulunkulu ka-Israyeli aku-
sho kimi: "Thatha le ndebe ye-
wayini yolaka esandleni sami,
uphuzise zonke izizwe engi-
kuthuma kuzo. **16** Ziyophuza,
zidiyazele zenze njengabantu
abasangene lapho ngithumela
isitha ukuba sibahlasele nge-
nkemba."[g]
**17** Ngakho ngayithatha inde-
be esandleni sikaJehova ngazi-
phuzisa zonke izizwe uJehova
ayengithume kuzo:[h] **18** ngaqa-
la ngeJerusalema namadolo-
bha akwaJuda,[i] amakhosi akho-
na nezikhulu zakhona, ukuze
kube yindawo ebhuqiwe, into
eshaqisayo, into yokushayelwa
ikhwela nesiqalekiso[j] njengo-
ba kunjalo namuhla; **19** nga-
landela ngoFaro inkosi yaseGi-
bhithe nezinceku zakhe, izikhu-
lu zakhe nabo bonke abantu ba-
khe,[k] **20** nabo bonke abantu
bokufika ababehlala eGibhithe;
wonke amakhosi ezwe lase-
Uze; wonke amakhosi asezwe-
ni lamaFilisti,[l] i-Ashikeloni,[m]
iGaza, i-Ekroni nababesindile
base-Ashidodi; **21** u-Edomi,[n]
uMowabi[o] nabakwa-Amoni;[p]
**22** wonke amakhosi aseThire,

---

**25:4** *NgesiHebheru, "evuka ekuseni ezithuma." #Noma, "nithambekise indlebe yenu." **25:9** *NgesiHebheru, "uNebukhadirezari," enye indlela yokulibhala.

**ISAHL. 25**

a Jer 7:13; Jer 13:10
b Jer 29:19
c 2Kh 17:13; Isay 55:7; Jer 18:11; Jer 35:15; Hez 18:30; Hez 33:11
d Dut 32:21; Neh 9:26
e Lev 26:25; Isay 5:26; Jer 1:15
f Jer 27:6; Jer 43:10
g Dut 28:49, 50; Jer 5:15; Hez 7:24
h Hez 26:7; Hez 29:19; Hab 1:6
i Isay 24:7; Hez 26:13
j Jer 7:34
k 2Kr 36:20, 21; Dan 9:2; Zak 1:12; Zak 7:5

**Uhla 2**

a Dut 30:3; Ezr 1:1, 2; Jer 29:10
b Isay 47:1; Jer 51:1; Dan 5:26, 30
c Isay 13:1, 19; Isay 14:4, 23
d Jer 50:9; Jer 51:27
e Isay 14:2; Hab 2:8
f Hu 137:8; Jer 50:29; Jer 51:6, 24; IsA 18:6
g Jer 51:7; IsiL 4:21; Hez 23:32-34; Nah 3:7, 11
h Jer 1:10
i Isay 51:17
j Jer 24:9
k Jer 46:2
l Jer 47:1
m Jer 47:5
n Jer 49:17; IsiL 4:21
o Jer 48:1
p Jer 49:1

wonke amakhosi aseSidoni[a] na-
makhosi asesiqhingini esiso-
lwandle; **23** iDedani,[b] iThema,
iBuzi nabo bonke labo aba-
shefe amahwanqa;[c] **24** wonke
amakhosi ama-Arabhu[d] nawo
wonke amakhosi ezinhlanga za-
bantu ezihlukahlukene ezihla-
la ehlane; **25** wonke amakho-
si aseZimri, wonke amakhosi
ase-Elamu[e] nawo wonke ama-
khosi amaMede;[f] **26** nawo wo-
nke amakhosi asenyakatho ase-
duze nakude, enye ngemva
kwenye, nayo yonke eminye
imibuso yomhlaba; inkosi yase-
Sheshaki*[g] nayo iyophuza nge-
mva kwawo.

**27** "Kumele uthi kuzo, 'Yilo-
khu uJehova wamabutho,
uNkulunkulu ka-Israyeli, aku-
shoyo: "Phuzani nidakwe, ni-
hlanze, niwe nize ningabe ni-
sakwazi ukuvuka[h] ngenxa ye-
sitha engisithumela kini uku-
ba sizonihlasela."' **28** Uma ze-
nqaba ukuthatha indebe esa-
ndleni sakho ukuba ziphuze,
uyothi kuzo, 'Yilokhu uJeho-
va wamabutho akushoyo: "Phu-
zani! **29** Ngoba uma ngijezi-
sa idolobha elibizwa ngegama
lami,[i] ingabe nina ngeke ngini-
jezise?"'[j]

"'Ngeke nginiyeke, ngoba zo-
nke izakhamuzi zomhlaba ngi-
yozibhubhisa ngenkemba,' ku-
sho uJehova wamabutho.

**30** "Wena uzoprofetha kuzo
wonke la mazwi uthi,

'UJehova uyobhonga ephe-
zulu,
Uyokwenza izwi lakhe li-
zwakale esendaweni ya-
khe yokuhlala engcwele.
Uyobhonga esendaweni ya-
khe yokuhlala.
Uyomemeza njengalabo
abanyathela isikhamo se-
wayini,
Uyohlabelela ingoma yoku-
nqoba ngokumelene nazo
zonke izakhamuzi zasem-
hlabeni.'

**31** 'Umsindo uyofinyelela ngi-
sho nasemajukujukwini
omhlaba,
Ngoba uJehova unempiki-
swano nezizwe.
Uyobahlulela yena mathu-
pha bonke abantu.[a]
Ababi uyobanikela enke-
mbeni,' kusho uJehova.

**32** Yilokhu uJehova wamabu-
tho akushoyo:
'Inhlekelele isuka kwesinye
isizwe iya kwesinye,[b]
Isiphepho esikhulu siyosu-
ka sivela emajukujukwini
omhlaba.[c]

**33** "'Ababulewe nguJehova
ngalolo suku bayosukela ko-
munye umkhawulo womhlaba
kuze kube komunye umkha-
wulo womhlaba. Ngeke balile-
lwe, ngeke babuthwe noma ba-
ngcwatshwe. Bayoba njengo-
mquba phezu komhlaba.'

**34** Khalani, nina belusi, nime-
meze!
Bhuquzani, nina zikhulu
zomhlambi,
Ngoba isikhathi sokuba ni-
bulawe nesokuba nihlaka-
zwe sesifikile,
Niyowa niphahlazeke nje-
ngesitsha esiyigugu!

**35** Abelusi abasenayo indawo
abangabalekela kuyo,
Izikhulu zomhlambi azina-
yo indlela yokuphunyuka.

**36** Lalelani! Ukukhala kwabe-
lusi
Nokulila kwezikhulu zom-
hlambi,
Ngoba uJehova ucekela
phansi idlelo labo.

---

**25:26** *Leli kubonakala kuyigama leBha-
bhele (iBhabhiloni).

ISAHL. 25
a Jer 27:2, 3; Jer 47:4
b Jer 49:8
c Jer 9:25, 26; Jer 49:32
d Jer 49:31, 32
e Jer 49:34
f Jer 51:11
g Jer 51:41
h Isay 63:6; Hab 2:16
i 1Kh 9:7; Jer 7:12, 14; Dan 9:18; Hos 12:2; Mik 6:2
j Jer 49:12; Obad 16

Uhla 2
a Jow 3:2
b Isay 34:2, 3; Jer 25:17
c Zef 3:8

37 Akusekho muntu ezindaweni zokuhlala ezinokuthula
Ngenxa yentukuthelo kaJehova evuthayo.
38 Ushiye indawo yakhe ahlala kuyo njengewundlu lebhubesi,*[a]
Ngoba izwe labo selibe yinto eshaqisayo
Ngenxa yenkemba enesihluku
Nangenxa yentukuthelo yakhe evuthayo."

26 Ekuqaleni kokubusa kukaJehoyakimi[b] indodana
kaJosiya, inkosi yakwaJuda,
kwafika izwi livela kuJehova, lithi:
2 "Yilokhu uJehova akushoyo, 'Yima egcekeni lendlu kaJehova, ukhulume nabo* bonke abantu basemadolobheni akwaJuda abeze ukuzokhonza# endlini kaJehova. Batshele konke engikuyala ngakho; ungashiyi nezwi nelilodwa.
3 Mhlawumbe bayolalela, ngamunye ashiye indlela yakhe embi, bese ngishintsha umqondo* ngokuphathelene nenhlekelele engihlose ukubalethela yona ngenxa yezenzo zabo ezimbi.[c]
4 Yithi kubo: "Yilokhu uJehova akushoyo, 'Uma ningeke ningilalele ngokugcina umthetho* wami engininike wona,
5 ngokulalela amazwi ezinceku zami abaprofethi, engizithuma kini ngokuphindaphindiwe,* eningazange nizilalele,[d]
6 ngiyokwenza le ndlu ibe njengeShilo,[e] leli dolobha ngiyolenza libe yinto yokuqalekisa kuzo zonke izizwe zomhlaba.'"'"[f]

7 Abapristi nabaprofethi nabo bonke abantu bamuzwa uJeremiya ekhuluma la mazwi endlini kaJehova.[a]
8 Lapho uJeremiya eseqedile ukukhuluma konke lokho uJehova ayemyale ukuba akutshele bonke abantu, abapristi nabaprofethi nabo bonke abantu bambamba, bathi kuye: "Nakanjani uzofa.
9 Kungani uprofethe egameni likaJehova, wathi, 'Le ndlu iyoba njengeShilo, leli dolobha lizocekelwa phansi kusale kungenamuntu ohlala kulo'?" Bonke abantu babuthana kuJeremiya endlini kaJehova.

10 Lapho izikhulu zakwaJuda zizwa la mazwi, zasuka endlini yenkosi* zaya endlini kaJehova zafike zahlala esangweni elisha lendlu kaJehova.[b]
11 Abapristi nabaprofethi bathi ezikhulwini nakubo bonke abantu: "Lo muntu ufanelwe ukufa,[c] ngoba uprofethe ngenhlekelele ezokwehlela leli dolobha njengoba nje nizizwele ngezenu izindlebe."[d]

12 UJeremiya wathi kuzo zonke izikhulu nakubo bonke abantu: "NguJehova owangithuma ukuba ngiprofethe ngenhlekelele ezokwehlela le ndlu naleli dolobha ngokwawo wonke amazwi eniwezwile.[e]
13 Manje shintshani izindlela zenu nezenzo zenu, nilalele izwi likaJehova uNkulunkulu wenu, uJehova uzoshintsha umqondo* ngokuphathelene nenhlekelele athe izonehlela.[f]
14 Kodwa mina, ngisesandleni senu. Yenzani kimi noma yini eniyibona ilungile.
15 Kodwa nakanjani yazini ukuthi uma ningibulala, nina naleli dolobha

25:38 *Noma, "njengebhubesi elinomhlwenga." 26:2 *Noma, "ngokuphathelene nabo." #Noma, "ukuzokhothama." 26:3 *Noma, "ngizisola." 26:4 *Noma, "isiqondiso." 26:5 *NgesiHebheru, "engivuka ekuseni ngizithume."

26:10 *Noma, "esigodlweni." 26:13 *Noma, "uzozisola."

ISAHL. 25
a Hos 5:14

ISAHL. 26
b 2Kh 23:34, 2Kr 36:4, Jer 25:1, Jer 35:1, Jer 36:1
c Isay 55:7, Jer 18:7, 8, Jer 36:3, Hez 18:27
d 2Kh 17:13, 14, Jer 7:12-14, Jer 25:3
e Hu 78:60
f Jer 24:9

Uhla 2
a Jer 26:2
b Jer 36:10
c Jer 18:19, 20
d Jer 38:4
e Jer 1:17
f Jer 7:3, Jer 36:3, Hez 18:32, Jon 3:9

nezakhamuzi zalo niyoba neca-
la lokuchitha igazi elingenacala
ngoba ngempela uJehova ungi-
thumile ukuba nginitshele wo-
nke la mazwi."

**16** Khona-ke izikhulu nabo
bonke abantu bathi kubapri-
sti nakubaprofethi: "Lo muntu
akafanelwe ukufa, ngoba ukhu-
lume nathi amazwi avela kuJe-
hova uNkulunkulu wethu."

**17** Ngaphezu kwalokho, kwa-
sukuma abathile emadodeni
amadala ezwe bathi kubo bo-
nke abantu ababebuthene:
**18** "UMika[a] waseMoresheti wa-
yeprofetha ezinsukwini zeNko-
si uHezekiya[b] yakwaJuda, wa-
thi kubo bonke abantu bakwa-
Juda, 'Yilokhu uJehova wama-
butho akushoyo:

"IZiyoni liyolinywa njenge-
nsimu,
IJerusalema liyoba yindu-
nduma yamanxiwa,[c]
Nentaba yeNdlu* iyofana
nezindawo eziphakeme
ehlathini." '[d]

**19** "INkosi uHezekiya ya-
kwaJuda nabo bonke abantu
bakwaJuda bambulala yini?
Ayesabanga yini uJehova, ya-
cela uJehova ukuba ayibo-
nise umusa,* okwenza uJeho-
va washintsha umqondo# nge-
nhlekelele ayethe izobehlela?[e]
Ngakho sizozilethela inhlekele-
le enkulu.

**20** "Kwakukhona nomunye
umuntu owayeprofetha egame-
ni likaJehova, u-Urija indodana
kaShemaya waseKiriyati-jeyari-
mi,[f] owaprofetha ngenhlekele-
le eyayizokwehlela leli dolobha
naleli zwe njengoba kwaku-
profethe uJeremiya. **21** INko-
si uJehoyakimi[g] nawo wonke
amaqhawe ayo nazo zonke izi-
khulu zayo bawezwa amazwi
akhe, inkosi yafuna ukumbula-
la.[a] Lapho u-Urija ezwa ngalo-
khu, wesaba kakhulu wabale-
ka waya eGibhithe. **22** INkosi
uJehoyakimi yathumela u-Eli-
nathani[b] indodana ka-Akhibo-
ri namanye amadoda eGibhi-
the. **23** Bamlanda u-Urija eGi-
bhithe bamletha eNkosini uJe-
hoyakimi, yona yambulala nge-
nkemba[c] yaphonsa isidumbu
sakhe emathuneni abantukaza-
na."

**24** Kodwa u-Ahikamu[d] indo-
dana kaShafani[e] wamsiza uJe-
remiya, ukuze anganikelwa ku-
bantu ukuba bambulale.[f]

**27** Ekuqaleni kokubusa ku-
kaJehoyakimi indodana
kaJosiya, inkosi yakwaJuda,
kwafika izwi kuJeremiya li-
vela kuJehova, lithi: **2** "Yilo-
khu uJehova akusho kimi, 'Ze-
nzele imichilo nejoka, ukubeke
entanyeni yakho. **3** Kuthume-
le enkosini yakwa-Edomi,[g]
enkosini yakwaMowabi,[h] enko-
sini yabakwa-Amoni,[i] enkosini
yaseThire[j] nasenkosini yaseSi-
doni[k] ngezithunywa ezize eJe-
rusalema eNkosini uZedekiya
yakwaJuda. **4** Zinike lo myalo
oya emakhosini azo:

"'"Yilokhu uJehova wama-
butho, uNkulunkulu ka-Isra-
yeli, akushoyo; yilokhu okufa-
nele nikusho emakhosini enu,
**5** 'Yimi engenze umhlaba,
abantu nezilwane ezisemhla-
beni ngamandla ami amakhu-
lu nangengalo yami enamandla;
futhi ngiwunike noma uba-
ni engithanda* ukumnika
wona.[l] **6** Manje mina nginike-
le wonke la mazwe encekwini
yami iNkosi uNebukhadinezari[m]

ISAHL. 26
a Mik 1:1
b 2Kr 29:1
c Hu 79:1; Jer 9:11
d Mik 3:12
e 2Kr 32:26
f Jos 15:20, 60; Jos 18:11, 14; 1Sa 7:2
g 2Kh 23:34; 2Kr 36:5

Uhla 2
a 2Kr 16:10
b Jer 36:11, 12
c Jer 2:30
d 2Kh 22:12, 13; Jer 39:13, 14; Jer 40:5
e 2Kh 22:10
f 1Kh 18:4

ISAHL. 27
g Hez 25:12, 13; Obad 1
h Jer 48:1; Hez 25:8, 9
i Jer 49:1, 2; Hez 25:2
j Isay 23:1; Jer 47:4; Hez 26:3
k Isay 23:4; Hez 28:21; Jow 3:4
l Dan 4:17
m Jer 25:9; Jer 28:14; Jer 43:10; Dan 2:37, 38

**26:18** *Noma, "yethempeli." **26:19** *Noma, "yathambisa ubuso bukaJehova." #Noma, "wazisola."

**27:5** *NgesiHebheru, "okuhle emehlweni ami."

yaseBhabhiloni; ngimnike ngi-
sho izilo zasendle ukuba zim-
khonze. **7** Zonke izizwe ziyom-
khonza yena nendodana yakhe
nomzukulu wakhe kuze kufi-
ke isikhathi sokuphela kokubu-
sa kwakhe,[a] lapho izizwe ezini-
ngi namakhosi amakhulu ziyo-
menza isigqila sazo.’[b]
**8** “‘“‘Uma umbuso noma isi-
zwe sinqaba ukukhonza inko-
si yaseBhabhiloni uNebukhadi-
nezari futhi sinqaba ukubeka
intamo yaso ngaphansi kwejo-
ka lenkosi yaseBhabhiloni, ngi-
yosijezisa leso sizwe ngenke-
mba,[c] ngendlala nangesifo esi-
wumshayabhuqe,’ kusho uJe-
hova, ‘kuze kube yilapho sengi-
siqede nya ngesandla sayo.’
**9** “‘“‘Ngakho, ningabalale-
li abaprofethi benu, izangoma
zenu, abaphuphi bamaphupho,
abenzi bemilingo nabathakathi
benu, abathi kini: “Ngeke niyi-
khonze inkosi yaseBhabhiloni.”
**10** Ngoba baprofetha amanga
kini, ukuze nisuswe ezweni
lenu niyiswe kude, ngiyonihla-
kaza futhi niyoshabalala.
**11** “‘“‘Kodwa isizwe esile-
tha intamo yaso ngaphansi
kwejoka lenkosi yaseBhabhilo-
ni futhi siyikhonze, ngiyosiye-
ka sihlale* ezweni laso,’ kusho
uJehova, ‘ukuze sililime futhi
sihlale kulo.’”’”
**12** Ngisho nakuZedekiya
inkosi[d] yakwaJuda ngikhulume
ngendlela efanayo, ngathi: “Le-
thani izintamo zenu ngaphansi
kwejoka lenkosi yaseBhabhi-
loni niyikhonze yona naba-
ntu bayo, nizoqhubeka niphi-
la.[e] **13** Kungani wena naba-
ntu bakho kufanele nife nge-
nkemba,[f] ngendlala,[g] nangesi-
fo esiwumshayabhuqe,[h] nje-
ngoba nje uJehova ayeshilo
ngokuphathelene nesizwe esi-
ngeke siyikhonze inkosi ya-
seBhabhiloni? **14** Ningawala-
leli amazwi abaprofethi abathi
kini, ‘Ngeke niyikhonze inkosi
yaseBhabhiloni,’[a] ngoba bapro-
fetha amanga kini.[b]
**15** “‘Ngoba angibathuma-
nga,’ kusho uJehova, ‘kodwa
baprofetha amanga egame-
ni lami, uma nibalalela ngizoni-
hlakaza bese kudingeka ukuba
nishabalale, nina nabaprofethi
abaprofetha kini.’”[c]
**16** Kubapristi nakubo bonke
abantu ngathi: “Yilokhu uJe-
hova akushoyo, ‘Ningawalale-
li amazwi abaprofethi benu
abaprofetha kini, bethi: “Bhe-
kani! Izinto zendlu kaJehova
zizobuyiswa eBhabhiloni madu-
ze!”[d] ngoba baprofetha amanga
kini.[e] **17** Ningabalaleli. Kho-
nzani inkosi yaseBhabhiloni
ukuze niqhubeke niphila.[f] Ku-
ngani leli dolobha kufanele libe
yincithakalo? **18** Kodwa uma
bengabaprofethi futhi uma uJe-
hova ekhulume nabo ngempela,
mabancenge uJehova wamabu-
tho ukuba izinto ezisele endli-
ni kaJehova, endlini yenkosi*
yakwaJuda naseJerusalema zi-
ngayiswa eBhabhiloni.’
**19** “Ngoba yilokhu uJehova
wamabutho akushoyo ngezinsi-
ka,[g] iThange lethusi,*[h] izinqo-
la zethusi[i] nezinye izinto ezi-
sele kuleli dolobha, **20** uNe-
bukhadinezari inkosi yaseBha-
bhiloni ayengazithathanga la-
pho edingisa uJekoniya indo-
dana kaJehoyakimi, inkosi ya-
kwaJuda emsusa eJerusale-
ma emyisa eBhabhiloni ka-
nye nazo zonke izicukuthwane
zakwaJuda nezaseJerusalema;[j]

---

**ISAHL. 27**

*a* Hu 137:8, Jer 50:14, 27, Dan 5:26, 30
*b* Jer 25:12, 14, Jer 51:11
*c* Hez 26:7, 8
*d* 2Kh 24:17, 1Kr 3:15, Jer 37:1
*e* Jer 38:2, 20
*f* 2Kh 25:7
*g* 2Kh 25:3
*h* Jer 21:9, Hez 14:21

**Uhla 2**

*a* Jer 28:1, 2, Jer 28:11, Jer 37:19
*b* Jer 14:14, Jer 23:21, Jer 28:15, Jer 29:8, 9, Hez 13:6
*c* Jer 20:6, Jer 29:21, Hez 13:3
*d* 2Kh 24:11, 13, 2Kr 36:7, Jer 28:1-3, Dan 1:1, 2
*e* Jer 14:13
*f* Jer 27:11, Jer 38:17
*g* 1Kh 7:15, 2Kh 25:17, 2Kr 4:11, 12, Jer 52:21
*h* 1Kh 7:23
*i* 1Kh 7:27, 2Kh 25:16, 2Kr 4:11, 14
*j* 2Kh 24:14, 15, 2Kr 36:10, Jer 24:1, Dan 1:2, 3

---

**27:11** *NgesiHebheru, “siphumule.”

**27:18** *Noma, “esigodlweni.” **27:19** *Okuwukuthi, uLwandle lwethusi lwasethempelini.

**21** yebo, yilokhu uJehova wa-
mabutho, uNkulunkulu ka-Isra-
yeli, akushoyo ngezinto ezise-
le endlini kaJehova, endlini ye-
nkosi* yakwaJuda naseJerusa-
lema: **22** '"Zizoyiswa eBha-
bhiloni[a] futhi zizoqhubeka zila-
pho kuze kube usuku engiyo-
zilanda ngalo," kusho uJehova.
"Ngiyobe sengizikhuphula ngi-
zibuyisele kule ndawo."'"[b]

**28** Ngalowo nyaka, ekuqale-
ni kokubusa kukaZedeki-
ya inkosi[c] yakwaJuda, ngo-
nyaka wesine, ngenyanga ye-
sihlanu, umprofethi uHananiya
indodana ka-Azuri, owayevela
eGibheyoni,[d] wathi kimi endli-
ni kaJehova phambi kwabapri-
sti nabo bonke abantu: **2** "Yi-
lokhu uJehova wamabutho,
uNkulunkulu ka-Israyeli, aku-
shoyo, 'Ngizoliphula ijoka le-
nkosi yaseBhabhiloni.[e] **3** Pha-
kathi neminyaka emibili, ngizo-
buyisela kule ndawo zonke izi-
nto zendlu kaJehova uNebu-
khadinezari inkosi yaseBhabhi-
loni azithatha kule ndawo wazi-
yisa eBhabhiloni.'"[f] **4** "'UJe-
koniya[g] indodana kaJehoyaki-
mi,[h] inkosi yakwaJuda, nabo
bonke abadingisiwe bakwaJu-
da abaye eBhabhiloni ngizoba-
buyisa kule ndawo,'[i] kusho uJe-
hova, 'ngoba ngizoliphula ijoka
lenkosi yaseBhabhiloni.'"

**5** UJeremiya umprofethi
wakhuluma noHananiya um-
profethi phambi kwabapristi
naphambi kwabo bonke aba-
ntu ababemi endlini kaJehova.
**6** UJeremiya umprofethi wa-
thi: "Amen!* Kwangathi uJe-
hova angakwenza lokhu! Kwa-
ngathi uJehova angawagcwali-
sa amazwi akho owaprofethile
ngokubuyisela kule ndawo izi-
nto zendlu kaJehova nabo bo-
nke abantu abadingisiwe besu-
ka eBhabhiloni! **7** Nokho, ngi-
cela uzwe leli zwi engikutshe-
la lona phambi kwabo bonke
abantu. **8** Kudala abaprofethi
ababengaphambi kwami na-
ngaphambi kwakho, babepro-
fetha ngokuphathelene nama-
zwe amaningi, ngemibuso emi-
khulu, ngempi, ngenhlekelele
nangesifo esiwumshayabhuqe.
**9** Uma umprofethi eprofetha
ngokuthula futhi izwi lalowo
mprofethi ligcwaliseka, kuyo-
kwaziwa ukuthi uJehova nge-
mpela othume lowo mprofe-
thi."

**10** Ngemva kwalokho uHa-
naniya umprofethi wathatha
ijoka entanyeni kaJeremi-
ya umprofethi waliphula.[a]
**11** UHananiya wabe esethi
phambi kwabo bonke aba-
ntu: "Yilokhu uJehova aku-
shoyo, 'Ngiyoliphula kanje ijo-
ka likaNebukhadinezari inkosi
yaseBhabhiloni lisuke entanye-
ni yazo zonke izizwe phakathi
neminyaka emibili.'"[b] UJeremi-
ya umprofethi waqhubeka ne-
ndlela yakhe.

**12** Ngemva kokuba uHana-
niya umprofethi ephule ijo-
ka walisusa entanyeni kaJe-
remiya umprofethi, kwafika lo
myalezo kaJehova kuJeremi-
ya: **13** "Hamba uthi kuHana-
niya, 'Yilokhu uJehova akusho-
yo: "Uphule ijoka lokhuni,[c] ko-
dwa esikhundleni salo uzokwe-
nza ijoka lensimbi." **14** Ngoba
yilokhu uJehova wamabutho,
uNkulunkulu ka-Israyeli, aku-
shoyo: "Ngizobeka ijoka lensi-
mbi entanyeni yazo zonke lezi
zizwe, ukuze zikhonze uNebu-
khadinezari inkosi yaseBhabhi-
loni, kumele zimkhonze.[d] Ngi-
zomnika ngisho nezilwane za-
sendle."'"[e]

---

**27:21** *Noma, "esigodlweni." **28:6** *Noma, "Makube njalo!"

**ISAHL. 27**
a 2Kh 25:13, 14; 2Kr 36:18; Jer 52:17, 18; Dan 5:3
b Ezr 1:7; Ezr 5:14

**ISAHL. 28**
c 2Kh 24:17; 2Kr 36:10
d Jos 11:19; 2Sa 21:2
e Jer 27:4, 8
f 2Kh 24:11, 13; Jer 27:16; Dan 1:2
g 2Kh 24:8; 2Kh 25:27; Jer 37:1
h 2Kh 23:36; 2Kh 24:6
i 2Kh 24:12, 14; Jer 24:1

**Uhla 2**
a Jer 27:2
b Jer 28:4
c Jer 27:2
d Dut 28:48; Jer 5:19
e Jer 27:6; Dan 2:37, 38

**15** UJeremiya umprofethi
wathi kuHananiya[a] umprofethi:
"Ngicela ungilalele Hananiya!
UJehova akakuthumanga, ko-
dwa wena wenze lesi sizwe sa-
thembela emangeni.[b] **16** Nga-
kho yilokhu uJehova akusho-
yo, 'Bheka! Ngibangela ukuba
ufe. Uzofa kuwo lo nyaka, ngo-
ba wenze abantu ukuba bavu-
kele uJehova.'"[c]
**17** Ngakho uHananiya um-
profethi wafa ngalowo nyaka,
ngenyanga yesikhombisa.

**29** Lawa ngamazwi encwa-
di uJeremiya umprofe-
thi ayithumela eseJerusalema
emadodeni amadala ayephaka-
thi kwabantu abadingisiwe, ku-
bapristi, abaprofethi nakubo
bonke abantu uNebukhadine-
zari ayebayise ekudingisweni
eBhabhiloni besuka eJerusale-
ma, **2** ngemva kokuba iNkosi
uJekoniya,[d] indlovukazi,*[e] izi-
khulu zegceke, izikhulu za-
kwaJuda naseJerusalema, ne-
zingcweti nabasebenza ngensi-
mbi# bephumile eJerusalema.[f]
**3** Incwadi wayithumela ngo-
Elasa indodana kaShafani[g] no-
Gemariya indodana kaHilikiya,
ababethunywe iNkosi uZedeki-
ya[h] yakwaJuda eBhabhiloni ku-
Nebukhadinezari inkosi yase-
Bhabhiloni, ithi:
**4** "Yilokhu uJehova wama-
butho, uNkulunkulu ka-Israye-
li, akushoyo kubo bonke aba-
ntu abadingisiwe, abadingise-
lwe eBhabhiloni besuka eJeru-
salema, **5** 'Yakhani izindlu ni-
hlale kuzo. Tshalani amasimu
nidle izithelo zawo. **6** Thatha-
ni abafazi nizale amadodana
namadodakazi; nithathele ama-
dodana enu abafazi, nishadise
amadodakazi enu, ukuze nawo
azale amadodana namadodaka-
zi. Nande futhi ninganciphi.
**7** Zamani ukuhlala ngokuthula
edolobheni enidingiselwe kulo,
nilithandazele kuJehova, ngo-
ba uma linokuthula nani ni-
yoba nokuthula.[a] **8** Ngoba yi-
lokhu uJehova wamabutho,
uNkulunkulu ka-Israyeli, aku-
shoyo: "Ningavumeli abaprofe-
thi benu, izangoma zenu na-
babhuli benu banikhohlise,[b] ni-
ngawalaleli amaphupho abawa-
phuphayo. **9** Ngoba 'baprofe-
tha amanga kini egameni lami.
Angibathumanga,'[c] kusho uJe-
hova."'"
**10** "Ngoba yilokhu uJeho-
va akushoyo, 'Lapho iminyaka
engu-70 eBhabhiloni isipheli-
le, ngiyonikhumbula,[d] ngiyosi-
gcwalisa isithembiso sami ngo-
kunibuyisela ekhaya.'[e]
**11** "'Ngoba ngikwazi kahle
engikucabangayo ngani,' ku-
sho uJehova, 'ngizoninika uku-
thula, hhayi inhlekelele,[f] uku-
ze nibe nekusasa elihle ne-
themba.[g] **12** Niyongibiza fu-
thi nithandaze kimi, mina ngi-
yonilalela.'[h]
**13** "'Niyongifuna ningithole[i]
ngoba niyongifuna ngayo yo-
nke inhliziyo yenu.[j] **14** Ngiyo-
nenza ningithole,'[k] kusho uJe-
hova. 'Ngiyobutha izithunjwa
zenu nginiqoqele ndawonye,
nginikhiphe kuzo zonke izizwe
nakuzo zonke izindawo engi-
nihlakazele kuzo,'[l] kusho uJe-
hova. 'Ngiyonibuyisela enda-
weni engabangela ukuba nisu-
ke kuyo niye ekudingisweni.'[m]
**15** "Kodwa nithe, 'UJehova
usimisele abaprofethi eBhabhi-
loni.'
**16** "Ngoba yilokhu uJehova
akushoyo enkosini ehlezi esi-
hlalweni sobukhosi sikaDavi-
de[n] nakubo bonke abantu aba-

---

**29:2** *Noma, "umama wenkosi." #Noma kungaba, "abakhi bezindonga zokuvikela."

**ISAHL. 28**
a Jer 28:1
b Jer 14:14; Jer 23:21; Jer 27:15; Hez 13:3
c Dut 13:5; Dut 18:20; Jer 29:32

**ISAHL. 29**
d 2Kh 24:8; Jer 22:24
e Jer 22:26
f 2Kh 24:15, 16; Jer 24:1
g 2Kh 22:8; Jer 26:24; Jer 39:13, 14; Hez 8:11
h 2Kh 24:18

**Uhla 2**
a 1Ti 2:1, 2
b Jer 14:14; Jer 27:14
c Jer 23:21; Jer 28:15
d 2Kr 36:20, 21; Ezr 1:1-3; Dan 9:2; Zak 1:12
e Dut 30:3; Ezr 2:1; Jer 24:6
f Zef 3:15
g Jer 31:17
h Dan 9:3
i Lev 26:40
j Dut 4:29; Dut 30:1-4; 1Kh 8:47, 48; Jer 24:7
k Isay 55:6
l Isay 49:25; Jer 30:3; Hez 39:28
m Hu 126:1; Hos 6:11; Amo 9:14; Zef 3:20
n Jer 28:1

hlala kuleli dolobha, abafowenu abangadingiswanga kanye nani, 17 'Yilokhu uJehova wamabutho akushoyo: "Ngiyobabulala ngenkemba, ngendlala nangesifo esiwumshayabhuqe,[a] ngiyobenza babe njengamakhiwane abolile,* amabi kangangokuthi akukho muntu ongawadla." '[b]

18 " 'Ngiyobaxosha ngibahlasele ngenkemba,[c] ngendlala nangesifo esiwumshayabhuqe, ngiyobenza into eshaqisayo kuyo yonke imibuso yomhlaba,[d] isiqalekiso, into ekhexisayo neyokushayelwa ikhwela,[e] bayoba isihlamba phakathi kwazo zonke izizwe engibahlakazela kuzo,[f] 19 ngenxa yokuthi abawalalelanga amazwi ami, engawathumela kubo ngezinceku zami abaprofethi,' kusho uJehova, 'ngizithuma ngokuphindaphindiwe.'*[g]

" 'Kodwa anilalelanga,'[h] kusho uJehova.

20 "Ngakho yizwani izwi likaJehova, nonke nina bantu abadingisiwe, enganisusa eJerusalema nganiyisa eBhabhiloni. 21 Yilokhu uJehova wamabutho, uNkulunkulu ka-Israyeli, akushoyo ngokuqondene no-Ahabi indodana kaKholaya noZedekiya indodana kaMahaseya, abaprofetha amanga kini egameni lami,[i] 'Bhekani ngibanikela kuNebukhadinezari* inkosi yaseBhabhiloni, uyobabulala phambi kwenu. 22 Kuyoqanjwa ngabo isiqalekiso esiyoshiwo yibo bonke abantu bakwaJuda abadingiselwe eBhabhiloni ngenxa yalokho okuyokwenzeka kubo, bethi: "Kwangathi uJehova angakwenza ube njengoZedekiya nanjengo-Ahabi, labo inkosi yaseBhabhiloni eyabosa emlilweni!" 23 ngoba baye baziphatha ngokuhlazisayo kwa-Israyeli,[a] bephinga nabafazi bomakhelwane babo futhi bekhuluma amanga egameni lami ngingabayalanga.[b]

" ' "Yimi okwaziyo lokhu futhi ngingufakazi,"[c] kusho uJehova.' "

24 "KuShemaya[d] waseNehelamu uzothi, 25 'Yilokhu uJehova wamabutho, uNkulunkulu ka-Israyeli, akushoyo: "Ngenxa yokuthi uthumele izincwadi ngegama lakho eziya kubo bonke abantu abaseJerusalema, kuZefaniya[e] indodana kaMahaseya, umpristi, nakubo bonke abapristi, uthi, 26 'UJehova ukwenze umpristi esikhundleni sikaJehoyada umpristi, ukuze ube umphathi wendlu kaJehova, uphathe noma yimuphi umuntu ohlanyayo oziphathisa okomprofethi futhi umfake esitokisini;*[f] 27 pho kungani ungazange umkhuze uJeremiya wase-Anathoti,[g] oziphathisa okomprofethi phambi kwakho?[h] 28 Ngoba uthumele umyalezo nakithi eBhabhiloni, ethi: "Kuzothatha isikhathi eside! Yakhani izindlu nihlale kuzo. Tshalani amasimu nidle izithelo zawo,[i]—" ' " ' "

29 Lapho uZefaniya[j] umpristi efundela uJeremiya umprofethi le ncwadi, 30 kwafika izwi likaJehova kuJeremiya, lathi: 31 "Thumela umyalezo kubo bonke abantu abadingisiwe, uthi, 'Yilokhu uJehova

ISAHL. 29
a Jer 24:10
b Jer 24:2, 8
c Lev 26:33
d Dut 28:25; Jer 34:17
e 1Kh 9:8; 2Kr 29:8; Jer 25:9; IsiL 2:15
f Jer 24:9
g Jer 7:13
h Jer 6:19
i Jer 14:14; Jer 29:8; IsiL 2:14

Uhla 2
a Jer 23:14
b Jer 7:9, 10; Jer 27:15
c Jer 16:17; Jer 23:24
d Jer 29:31, 32
e 2Kh 25:18, 21; Jer 21:1, 2; Jer 37:3; Jer 52:24, 27
f Jer 20:2
g Jer 1:1
h Jer 43:2
i Jer 29:5
j 2Kh 25:18, 21

29:17 *Noma kungaba, "aqhumile." 29:19 *NgesiHebheru, "ngivuka ekuseni ngizithuma." 29:21 *NgesiHebheru, "kuNebukhadirezari," enye indlela yokulibhala.

29:26 *Emibhalweni yesiHebheru kunamagama amabili, elinye kubonakala lichaza "ithuluzi lokubopha izinyawo" kanti elinye lichaza "ithuluzi lokubopha izandla nentamo."

akushoyo ngokuqondene no-
Shemaya waseNehelamu: “Nge-
nxa yokuthi uShemaya upro-
fethe kini nakuba ngingamthu-
manga, wazama ukunenza uku-
ba nithembe amanga,[a] **32** nga-
kho-ke yilokhu uJehova aku-
shoyo, ‘Ngiyamjezisa uShemaya
waseNehelamu nenzalo yakhe.
Ayikho inzalo yakhe eyosinda
phakathi kwalesi sizwe, ngeke
akubone okuhle engiyokwenze-
la isizwe sami,’ kusho uJehova,
‘ngoba wenze abantu ukuba ba-
vukele uJehova.’”’”

**30** Leli yizwi elafika kuJe-
remiya livela kuJeho-
va, lithi: **2** “Yilokhu uJehova
uNkulunkulu ka-Israyeli aku-
shoyo, ‘Bhala encwadini wonke
amazwi engiwakhuluma kuwe.
**3** Ngoba “bheka! kuza izinsu-
ku,” kusho uJehova, “lapho
ngiyoqoqa khona abantu bami
abathunjiwe, u-Israyeli noJu-
da,”[b] kusho uJehova, “ngibabu-
yisele ezweni engalinika okho-
kho babo, liphinde libe ngela-
bo.”’”[c]

**4** Yilawa amazwi uJehova
awasho ku-Israyeli nakuJuda.

**5** Yilokhu uJehova akushoyo:
“Sizwe ukukhala kwabantu abethukile;
Kugcwele ukwesaba, akukho ukuthula.
**6** Ngicela nibuze ukuthi kuyenzeka yini ukuba indoda ibelethe.
Pho kungani ngibona wonke amadoda anamandla ebeke izandla zawo esiswini*
Njengowesifazane obelethayo?[d]
Kungani bonke ubuso buphaphathekile?
**7** Maye! Ngoba lolo suku luyesabeka.*[e]
Alukho olufana nalo,
Luyisikhathi sokucindezeleka kuJakobe.
Kodwa ngiyomsindisa.”

**8** “Ngalolo suku,” kusho
uJehova wamabutho, “ngiyole-
phula ijoka ngilisuse entanyeni
yakho, nezibopho* zakho ngi-
zigqabule; abantu bakwamanye
amazwe ngeke besamenza isi-
gqila sabo.# **9** Abantu bami
bayokhonza uJehova uNkulu-
nkulu wabo noDavide inkosi
yabo, engiyobamisela yena.”[a]

**10** “Kodwa wena, nceku yami Jakobe ungesabi,” kusho uJehova,
“Ungethuki Israyeli.[b]
Ngoba ngizokusindisa ukude
Nenzalo yakho ezweni ethunjelwe kulo.[c]
UJakobe uyobuya ahlale ngokuthula angaphazanyiswa lutho,
Kungekho muntu omenza esabe.”[d]
**11** “Ngoba nginawe,” kusho uJehova, “ukuba ngikusindise.
Kodwa ngiyoziqothula zonke izizwe engikuhlakazele kuzo;[e]
Nokho, wena ngeke ngikuqothule.[f]
Ngizokujezisa* ngezinga elifanele,
Ngeke neze ngingakujezisi.”[g]
**12** Ngoba yilokhu uJehova akushoyo:
“Alikho ikhambi lokulimala kwakho.[h]
Inxeba lakho alelapheki.
**13** Akekho ozokumela ecaleni lakho,

**30:6** *Noma, “okhalweni.” **30:7** *NgesiHebheru, “usuku olukhulu.”

**30:8** *Noma, “nemichilo.” #Noma, “besabenza izigqila zabo.” **30:11** *Noma, “Ngizokuqondisa.”

ISAHL. 29
a Jer 14:14, Jer 28:15, 16, Hez 13:8, 9

ISAHL. 30
b Dut 30:3, Hez 39:25
c Ezr 2:1, Jer 29:14, Jer 32:44, Hez 20:42, Amo 9:14
d Jer 4:31, Mik 4:9
e Jow 2:11, Zef 1:14

Uhla 2
a Hez 34:23, Hez 37:24, Hos 3:5
b Isay 41:13
c Isay 49:25, Jer 3:18
d Jer 33:16, Hez 34:25, Hos 2:18, Mik 4:4
e Jer 50:29, Jer 51:24
f Lev 26:44, Neh 9:31, IsiL 3:22, Amo 9:8
g Eks 34:6, 7, Jer 46:27, 28
h 2Kr 36:15, 16, Isay 6:10, Jer 8:21, 22

Ayikho indlela yokwelapha
isilonda sakho.
Alikho ikhambi lokukwela-
pha.
14 Zonke izithandwa zakho zi-
kukhohliwe.[a]
Azisakufuni.
Ngoba ngikushaye njengo-
kungathi ushaywe yisi-
tha,[b]
Ngendlela umuntu onesi-
hluku ajezisa ngayo,
Ngenxa yecala lakho eli-
khulu nezono zakho ezini-
ngi.[c]
15 Kungani ukhaliswa ukuli-
mala kwakho?
Ubuhlungu bakho abela-
pheki!
Ngenxa yecala lakho eli-
khulu nezono zakho ezi-
ningi[d]
Ngenze lokhu kuwe.
16 Ngakho bonke labo abaku-
bhubhisayo ngiyobabhu-
bhisa,[e]
Zonke izitha zakho nazo zi-
yothunjwa.[f]
Labo abanithathela izinto
zenu ngenkani nabo bayo-
thathelwa izinto zabo
ngenkani,
Bonke abakuphangayo ngi-
yobanikela ekuphangwe-
ni."[g]
17 "Kodwa ngiyokwenza ulula-
me, ngipholise amanxeba
akho,"[h] kusho uJehova,
"Nakuba bakubiza ngokuthi
ungolahliwe:
'IZiyoni, elingafunwa mu-
ntu.'"[i]
18 Yilokhu uJehova akushoyo:
"Ngiqoqa abathunjiwe ba-
matende kaJakobe,[j]
Ngizohawukela amatabe-
rnakele akhe.
Idolobha liyophinde lakhi-
we endundumeni yalo,[k]
Umbhoshongo oqinile uyo-
kuma endaweni yawo efa-
nele.
19 Bayobonga, bamemeze nge-
njabulo.[a]
Ngiyobandisa, ngeke babe
mbalwa;[b]
Ngiyobenza babe baningi
kakhulu,*
Ngeke babe abangelutho.[c]
20 Amadodana akhe ayochu-
ma njengakuqala,
Ngiyobenza babe isizwe
esinamandla phambi
kwami.[d]
Ngiyobajezisa bonke aba-
mcindezelayo.[e]
21 Umholi wakhe uyovela
kuye,
Phakathi kwakhe kuyophu-
ma umbusi wakhe.
Ngiyomenza ukuba asonde-
le, uyosondela kimi."
"Ngale kwalokho, ngubani
ongalokotha* asondele
kimi?" kusho uJehova.
22 "Niyoba ngabantu bami,[f]
mina ngibe nguNkulunku-
lu wenu."[g]
23 Kuyophuma isivunguvungu
sivela kuJehova,[h]
Ulaka lwakhe luyoba nje-
ngesiphepho esikhwishi-
za phezu kwamakhanda
ababi.
24 UJehova ngeke ayinqande
intukuthelo yakhe evu-
thayo
Kuze kube yilapho esekufe-
zile akuhlosile.[i]
Ezinsukwini zokugcina ni-
yokuqonda lokhu.[j]

31 "Ngaleso sikhathi," ku-
sho uJehova, "ngiyoba
nguNkulunkulu kuyo yonke
imindeni yakwa-Israyeli, yona
iyoba ngabantu bami."[k]

30:19 *Noma kungaba, "bahlonishwe."
30:21 *NgesiHebheru, "ofunge ngenhli-
ziyo yakhe ukuba."

ISAHL. 30
a IsiL 1:2, 19
b IsiL 2:5
c Jer 5:6
d 2Kr 36:14
e Isay 41:11 Jer 25:12
f Jer 51:29, 56 Mik 5:9
g Zak 2:8, 9
h Hu 102:13 Jer 33:6, 7
i IsiL 2:15
j Hu 85:1 Jer 24:6 Jer 29:10
k Mik 4:8

Uhla 2
a Ezr 3:12 Neh 8:17 Isay 35:10
b Dut 30:5 Isay 27:6 Zak 10:8
c Isay 60:22 Mik 4:7
d Isay 1:26
e Isay 49:26 Jer 50:18
f Hos 2:23
g Jer 31:1 Hez 11:20 Hez 36:28
h Jer 25:32
i Jer 4:28
j Jer 23:20

ISAHL. 31
k Lev 26:12 Jer 30:22 Jer 31:33

2 Yilokhu uJehova akushoyo:
“Isizwe esasinda enkembeni sathola umusa kaNkulunkulu ehlane
U-Israyeli wayeya lapho ayezophumula khona.”
3 UJehova wabonakala kimi ekude, wathi:
“Ngikuthande ngothando olungapheli.
Yingakho ngikudonse ngothando oluqotho.*[a]
4 Ngizophinde ngikwakhe, uyokwakhiwa kabusha.[b]
O ntombi yakwa-Israyeli, uzophinde uthathe amathamborini akho
Uphume udansa ngenjabulo.*[c]
5 Uzophinde utshale amasimu amagilebhisi ezintabeni zaseSamariya;[d]
Abawatshalayo bayotshala bese bedla izithelo zawo.[e]
6 Ngoba kuyofika usuku lapho abaqaphi ezintabeni zakwa-Efrayimi beyomemeza bathi:
‘Sukumani, masikhuphukele eZiyoni kuJehova uNkulunkulu wethu.’ ”[f]
7 Ngoba yilokhu uJehova akushoyo:
“Memezani uJakobe ngokujabula.
Memezani ngenjabulo ngoba uyinhloko yezizwe.[g]
Kumemezeleni; dumisani nithi,
‘Jehova, sindisa abantu bakho, abasele bakwa-Israyeli.’[h]
8 Ngiyababuyisa bevela ezweni lasenyakatho.[i]
Ngiyobaqoqela ndawonye bevela emajukujukwini omhlaba.[j]
Phakathi kwabo kuyobe kukhona izimpumputhe nezinyonga,[a]
Owesifazane okhulelwe nobelethayo, bonke ndawonye.
Bayobuyela lapha beyisixuku esikhulu.[b]
9 Bayofika bekhala.[c]
Ngiyobahola njengoba becela ukuboniswa umusa.
Ngiyobaholela emifudlaneni yamanzi,*[d]
Endleleni eqondile abangeke bakhubeke kuyo.
Ngoba nginguBaba ku-Israyeli, u-Efrayimi uyizibulo lami.”[e]
10 Yizwani izwi likaJehova, nina zizwe,
Nilimemezele eziqhingini ezikude,[f] nithi:
“Lowo owahlakaza u-Israyeli uyomqoqa.
Uyomqapha njengomalusi oqaphe umhlambi wakhe.[g]
11 Ngoba uJehova uyomkhulula uJakobe[h]
Amsindise* kulowo onamandla kunaye.[i]
12 Bayoza bafike bamemeze ngenjabulo endaweni ephakeme yaseZiyoni[j]
Bayojabula ngenxa yobuhle* bukaJehova,
Ngenxa yokudla okusanhlamvu newayini elisha[k] namafutha,
Nangenxa yamazinyane ezimvu nezimbuzi namankonyane ezinkomo.[l]
Bayoba njengensimu eniselwa kahle,[m]
Ngeke baphinde babe ntekenteke.”[n]

---

**31:3** *Noma, “ngaqhubeka ngikubonisa uthando oluqotho.” **31:4** *Noma, “ngomdanso walabo abahlekayo.”

**31:9** *Noma, “emihosheni.” **31:11** *Noma, “Amophule.” **31:12** *Noma, “ngenxa yezinto ezinhle ezivela.”

ISAHL. 31
a Dut 7:8
b Jer 33:7; Amo 9:11
c Jer 30:18, 19
d Amo 9:14; Mik 4:4
e Dut 30:9; Isay 65:21, 22
f Isay 2:3; Jer 50:4, 5
g Dut 32:43; Isay 44:23
h Isay 1:9; Jer 23:3; Jow 2:32
i Isay 43:6; Jer 3:12
j Dut 30:4; Hez 20:34; Hez 34:12

Uhla 2
a Isay 35:6; Isay 42:16
b Ezr 2:1, 64
c Jer 50:4
d Isay 35:7; Isay 49:10
e Gen 48:14; Eks 4:22
f Isay 11:11; Isay 42:10
g Isay 40:11; Hez 34:11-13; Mik 2:12
h Isay 44:23; Isay 48:20
i Isay 49:25
j Ezr 3:13; Hu 126:1; Isay 51:11
k Jow 3:18
l Isay 65:10
m Isay 58:11
n Isay 35:10

13 "Ngaleso sikhathi intombi iyodansa ngenjabulo,
Nezinsizwa namakhehla bonke ndawonye.[a]
Ngiyoshintsha ukukhala kwabo kube yinjabulo.[b]
Ngiyobaduduza ngibenze bajabule bangabe besaba nosizi.[c]
14 Ngiyonika abapristi inala yokudla,
Abantu bami bayokwaneliseka ngezinto ezinhle engiyobanika zona,"[d] kusho uJehova.
15 "Yilokhu uJehova akushoyo:
'Kuzwakala izwi eRama,[e] isililo nokukhala kalusizi:
URaheli ukhalela amadodana akhe.*[f]
Wenqabile ukududuzwa ngenxa yamadodana akhe,
Ngoba awasekho.' "[g]
16 Yilokhu uJehova akushoyo:
" 'Zibambe ungakhali, amehlo akho angachiphizi izinyembezi,
Ngoba uzothola umvuzo ngomsebenzi wakho,' kusho uJehova.
'Amadodana akho azobuya ezweni lesitha.'[h]
17 'Kukhona ithemba ngekusasa lakho,'[i] kusho uJehova.
'Amadodana akho azobuyela endaweni yawo.' "[j]
18 "Impela ngimzwile u-Efrayimi ekhala,
'Ungiqondisile ngaqonda,
Njengethole elingaqeqeshiwe.
Ngibuyise, ngizobuya ngokushesha,
Ngoba unguJehova uNkulunkulu wami.
19 Lapho sengiphendukile ngazisola;[a]
Ngemva kokuba sengiqonda, ngadabuka.*
Ngaba namahloni ngahlazeka,[b]
Ngenxa yezinto engazenza ebusheni bami.' "
20 "U-Efrayimi akayona yini indodana eyigugu kimi, umntwana engimthandayo?[c]
Ngoba izinga engikhuluma ngalo ngokumelene naye, ngiphinde ngimkhumbule ngalo.
Yingakho inhliziyo yami imkhalela.[d]
Nakanjani ngiyomzwela," kusho uJehova.[e]
21 "Zibekele izimpawu zomgwaqo,
Misa izigxobo zezimpawu.[f]
Unake indlela okumele uhambe ngayo, umgwaqo omkhulu.[g]
Buya, O ntombi yakwa-Israyeli, buyela kula madolobha akho.
22 Kuyoze kube nini ungabaza, ndodakazi engathembekile?
Ngoba uJehova udale into entsha emhlabeni:
Umfazi uyofuna indoda."

23 Yilokhu uJehova wama-
butho, uNkulunkulu ka-Israye-
li, akushoyo: "Bayophinde ba-
sho la mazwi ezweni lakwa-
Juda nasemadolobheni akho-
na lapho ngiqoqa abathunji-
we babo: 'Kwangathi uJeho-
va angakubusisa, ndawo yoku-
hlala elungile,[h] ntaba engcwe-
le.'[i]
24 KwaJuda nakuwo wo-
nke amadolobha akhona ku-
yohlala abantu, ngisho naba-
limi nabelusi bayohlala

ISAHL. 31
a Zak 8:4
b Ezr 3:12
c Isay 51:3; Isay 65:19
d Dut 30:9; Isay 63:7
e Jos 18:21, 25; Jer 40:1
f IsiL 1:16
g Mat 2:16-18
h Ezr 1:5; Jer 23:3; Hez 11:17; Hos 1:11
i Jer 29:11
j Jer 46:27

Uhla 2
a Dut 30:1-3
b Ezr 9:6
c Jer 31:9; Hos 14:4
d Hos 11:8
e Dut 32:36; Mik 7:18
f Isay 62:10
g Isay 35:8
h Isay 1:26
i Zak 8:3

31:15 *Noma, "izingane zakhe."

31:19 *NgesiHebheru, "ngazishaya ithanga ngidabukile."

khona.[a] **25** Ngoba ngiyokwa-
nelisa umuntu okhathele, nabo
bonke abaphelelwe amandla
ngiyobaqinisa."[b]
**26** Khona-ke ngaphaphama
ngavula amehlo, ubuthongo
bami babumnandi.
**27** "Bheka! Kuza izinsuku,"
kusho uJehova, "engizokwa-
ndisa ngazo indlu ka-Israyeli
nendlu kaJuda. Ngizokwandisa
nemfuyo yabo."[c]
**28** "Njengoba ngangihlale
ngibaqaphile ukuze ngisiphu-
le, ngibhidlize, ngidilize, ngi-
cekele phansi futhi ngilimaze,[d]
kanjalo ngiyohlale ngibaqaphi-
le ukuze ngakhe futhi ngitsha-
le,"[e] kusho uJehova. **29** "Nga-
lezo zinsuku ngeke besathi,
'Oyise badle amagilebhisi amu-
ncu, kodwa yimilomo yaba-
ntwana emuncu.'[f] **30** Kodwa
umuntu uyofela isono sakhe.
Noma ubani odla amagilebhisi
amuncu, owakhe umlomo oyo-
ba muncu."
**31** "Bheka! Kuza izinsuku,"
kusho uJehova, "engiyokwenza
ngazo isivumelwano esisha ne-
ndlu ka-Israyeli nendlu kaJu-
da.[g] **32** Ngeke sifane nesivu-
melwano engasenza nokho-
kho babo ngosuku engababa-
mba ngalo ngesandla ngabakhi-
pha eGibhithe,[h] 'isivumelwano
sami abasephula,[i] nakuba nga-
ngiyinkosi yabo yeqiniso,'* ku-
sho uJehova."
**33** "Ngoba yilesi isivumelwa-
no engiyosenza nendlu ka-Isra-
yeli ngemva kwalezo zinsuku,"
kusho uJehova. "Ngiyofaka
umthetho wami ngaphakathi
kubo,[j] ngiwulobe nasezinhlizi-
yweni zabo.[k] Ngiyoba nguNku-
lunkulu wabo, bona babe nga-
bantu bami."[l]

31:32 *Noma kungaba, "nganginguмyeni wabo."

**34** "Yilowo nalowo ngeke
esafundisa umakhelwane wa-
khe noma umfowabo, athi,
'Yazi uJehova!'[a] ngoba bonke
bayongazi, kusukela komncane
kunabo bonke kuye komkhu-
lu kunabo bonke,"[b] kusho uJe-
hova. "Ngoba ngiyosithethe-
lela isiphambeko sabo, nesono
sabo ngeke ngisasikhumbula."[c]
**35** Yilokhu uJehova akushoyo,
Owenza ilanga ukuba likha-
nyise emini,
Owamisa imithetho yenya-
nga nezinkanyezi ukuba
zikhanyise ebusuku,
Onyakazisa ulwandle enze
amagagasi alo ahlokome,
OnguJehova wamabutho
igama lakhe,[d] uthi:
**36** "'Njengoba le mithetho
ingasoze yayeka ukusebe-
nza,' kusho uJehova,
'Nenzalo ka-Israyeli iyohla-
le iyisizwe phambi kwa-
mi.'"[e]
**37** Yilokhu uJehova akusho-
yo: "'Uma amazulu phezulu
engase akalwe, izisekelo zom-
hlaba phansi zihlolwe, nginga-
se ngiyilahle yonke inzalo ka-
Israyeli ngenxa yakho konke
ekwenzile,' kusho uJehova."[f]
**38** "Bheka! Kuza izinsuku,"
kusho uJehova, "lapho uJeho-
va eyokwakhelwa idolobha[g] ku-
sukela eMbhoshongweni KaHa-
naneli[h] kuya eSangweni Elise-
khoneni.[i] **39** Intambo yokuka-
la[j] iyohamba iqonde egqumeni
laseGarebi, iyophendukela nga-
seGowa. **40** Sonke isigodi* se-
zidumbu zezilwane nomlotha,#
nazo zonke izindawo ezimise
okwezitebhisi kuze kufike eSi-
godini SaseKidroni,[k] kuze kufi-
ke eSangweni Lehhashi[l] ngase-

31:40 *Noma, "ithafa." #Noma, "nomlotha onamafutha," okuwukuthi, umlotha onamafutha emihlatshelo.

ISAHL. 31
a Jer 33:12; Hez 36:10, 11
b Hu 107:9
c Dut 30:9; Hez 36:9; Hos 2:23
d Jer 44:27; Jer 45:4
e Hu 102:16; Hu 147:2; Jer 24:6
f Hez 18:2-4
g Mat 26:27, 28; Luk 22:20; 1Ko 11:25; Heb 8:8-12
h Eks 19:5
i Hez 16:59
j Hez 11:19
k Heb 10:16
l Jer 24:7; Jer 30:22

Uhla 2
a Isay 54:13; Joh 17:3
b Isay 11:9; Hab 2:14
c Jer 33:8; Jer 50:20; Mat 26:27, 28; Heb 8:10-12; Heb 9:15; Heb 10:17
d Isay 51:15
e Isay 54:10; Jer 33:20, 21
f Jer 30:11
g Neh 12:27; Isay 44:28; Jer 30:18
h Neh 3:1; Zak 14:10
i 2Kr 26:9
j Zak 1:16
k 2Sa 15:23; 2Kh 23:6; Joh 18:1
l Neh 3:28

mpumalanga, kuyoba ngcwele
kuJehova.[a] Ngeke liphinde lidili-
zwe noma licekelwe phansi.”

**32** Kwafika izwi kuJeremiya
livela kuJehova ngonya-
ka weshumi kaZedekiya inkosi
yakwaJuda, okungukuthi, ngo-
nyaka ka-18 kaNebukhadi-
nezari*[b] inkosi yaseBhabhilo-
ni. **2** Ngaleso sikhathi amabu-
tho empi enkosi yaseBhabhi-
loni ayevimbezele iJerusalema,
uJeremiya umprofethi wayebo-
shiwe eseGcekeni Labaqaphi[c]
elisendlini yenkosi* yakwa-
Juda. **3** UZedekiya inkosi ya-
kwaJuda wayembophile,[d] ethi
kuye, “Kungani uprofetha lezi
zinto? Uthi, ‘Yilokhu uJehova
akushoyo: “Ngizonikela leli do-
lobha enkosini yaseBhabhilo-
ni, izolithumba,[e] **4** noZedeki-
ya inkosi yakwaJuda ngeke
aphunyuke kumaKhaledi, ngo-
ba nakanjani uzonikelwa enko-
sini yaseBhabhiloni, futhi uyo-
khuluma nayo ubuso nobuso,
babonane.”’[f] **5** ‘Izoyisa uZe-
dekiya eBhabhiloni, uzohlala
lapho ngize nginqume ukuthi
ngizomenzani,’ kusho uJehova.
‘Nakuba nina niqhubeka nilwa
namaKhaledi, ngeke niphume-
lele.’ ”[g]

**6** UJeremiya wathi: “Izwi li-
kaJehova lifikile kimi, lathi,
**7** ‘UHanameli indodana kaSha-
lumi umfowabo kayihlo uzoza
kuwe, athi: “Zithengele insimu
yami ese-Anathoti,[h] ngoba une-
lungelo lokuyihlenga.” ’ ”[i]

**8** UHanameli indodana yo-
mfowabo kababa wafika kimi
eGcekeni Labaqaphi, njengoba
nje uJehova ayeshilo, wathi:
“Ngicela uthenge insimu yami
ese-Anathoti, ezweni lakwa-
Bhenjamini, ngoba unelungelo
lokuyithatha uyihlenge. Zithe-
ngele yona.” Khona-ke ngaqo-
nda ukuthi uJehova owayefuna
kube kanjalo.

**9** Ngakho ngayithenga insi-
mu eyayise-Anathoti kuHana-
meli indodana yomfowabo ka-
baba. Ngamkalela imali,[a] ama-
shekeli* ayisikhombisa nezi-
nhlamvu zesiliva eziyishumi.
**10** Ngabe sengibhala itayitela[b]
nganamathisela uphawu, ngabi-
za ofakazi[c] futhi ngakala ima-
li esikalini. **11** Ngathatha ita-
yitela lokuthenga, elalibekwe
uphawu ngokuvumelana no-
myalo nezidingo ezingokomthe-
tho, kanye nalelo elalishiywe li-
vulekile, **12** itayitela lokuthe-
nga ngalinika uBharuki[d] indo-
dana kaNeriya[e] indodana ka-
Maseya phambi kukaHanameli
indodana yomfowabo kababa,
phambi kofakazi abasayina eta-
yiteleni lokuthenga naphambi
kwawo wonke amaJuda ayehle-
zi eGcekeni Labaqaphi.[f]

**13** Ngabe sengiyala uBha-
ruki phambi kwabo, ngathi:
**14** “Yilokhu uJehova wamabu-
tho, uNkulunkulu ka-Israye-
li, akushoyo, ‘Thatha la mata-
yitela, leli lokuthenga elibekwe
uphawu naleli elishiywe livu-
lekile, uwafake esitsheni sobu-
mba, ukuze agcinwe isikhathi
eside.’ **15** Ngoba yilokhu uJe-
hova wamabutho, uNkulunku-
lu ka-Israyeli, akushoyo, ‘Ku-
sazothengwa izindlu, izinda-
wo namasimu amagilebhisi ku-
leli zwe.’ ”[g]

**16** Ngemva kokunika uBha-
ruki indodana kaNeriya itayite-
la lokuthenga ngathandaza
kuJehova, ngathi: **17** “Maye
Nkosi EnguMbusi Jehova!

---

**32:1** *NgesiHebheru, “kaNebukhadirezari,” enye indlela yokulibhala. **32:2** *Noma, “elisesigodlweni.”

**32:9** *Ishekeli lalilingana no-11.4 g. Bheka iSithasiselo B14.

ISAHL. 31
a Jow 3:17

ISAHL. 32
b Jer 25:1
c Neh 3:25; Jer 33:1; Jer 38:28
d Jer 37:18, 21
e Jer 34:2, 3; Jer 37:8, 17
f 2Kh 25:6, 7; Jer 38:17, 18; Jer 39:5; Hez 12:13
g Jer 21:4; Hez 17:15
h Jos 21:8, 18; Jer 1:1
i Lev 25:23, 24

Uhla 2
a Gen 23:16
b Jer 32:44
c Rut 4:9
d Jer 36:4; Jer 36:26
e Jer 51:59
f Jer 33:1
g Amo 9:14; Zak 3:10

Wenze amazulu nomhlaba nga-
mandla akho amakhulu[a] nange-
ngalo yakho enamandla. Awu-
hlulwa lutho, **18** wena oboni-
sa uthando oluqotho ezinkulu-
ngwaneni zabantu, kodwa ovu-
mela amadodana ukuba abhe-
kane nemiphumela yezono zo-
yise,[b] uNkulunkulu weqiniso,
omkhulu, onamandla, ongu-
Jehova wamabutho igama la-
khe. **19** Unezinhloso ezinkulu
futhi unamandla okwenza izi-
nto,[c] amehlo akho abona zo-
nke izinto ezenziwa abantu,[d]
ukuze ubuyisele umuntu ngo-
kwezindlela zakhe nangokwe-
zenzo zakhe.[e] **20** Wena owa-
beka izibonakaliso wenza ne-
zimangaliso ezweni laseGibhi-
the, ezaziwayo kuze kube yilo-
lu suku, ngakho uzakhele igama
kwa-Israyeli naphakathi kwaba-
ntu,[f] njengoba kunjalo namu-
hla. **21** Wakhipha abantu ba-
kho u-Israyeli ezweni laseGi-
bhithe, ngezibonakaliso, ngezi-
mangaliso, ngesandla esinama-
ndla, ngengalo enamandla na-
ngezenzo ezithusayo.[g]

**22** "Ngokuhamba kwesikha-
thi wabanika leli zwe owa-
funga kokhokho babo[h] ukuba-
nika lona, izwe eligeleza ubi-
si noju.[i] **23** Bafika balithatha,
kodwa abazange balilalele izwi
lakho noma bahambe ngomthe-
tho wakho. Zonke izinto owaba-
yala ukuba bazenze abazenza-
nga, waze wabangela ukuba be-
hlelwe yiyo yonke le nhlekele-
le.[j] **24** Bheka! Amadoda afi-
kile akha udonga lokuvimbe-
zela idolobha ukuze alithumbe,[k]
ngokuqinisekile leli dolobha li-
zowela ezandleni zamaKhaledi
alwa nalo, ngenxa yenkemba,[l]
indlala nesifo esiwumshayabhu-
qe;[m] konke okushilo kwenzeki-
le, njengoba ubona. **25** Kodwa
wena, Nkosi EnguMbusi Jeho-
va, uthe kimi, 'Zithengele insi-
mu ngemali, ubize ofakazi,' na-
kuba leli dolobha ngokuqinise-
kile lizonikelwa esandleni sa-
maKhaledi."

**26** Kulokho izwi likaJeho-
va lafika kuJeremiya, la-
thi: **27** "Bheka, nginguJeho-
va, uNkulunkulu wabo bonke
abantu. Ikhona yini into enga-
ngehlula? **28** Ngakho yilokhu
uJehova akushoyo, 'Nginikela
leli dolobha kumaKhaledi na-
sesandleni sikaNebukhadineza-
ri* inkosi yaseBhabhiloni futhi
uzolithumba.[a] **29** AmaKhaledi
alwa naleli dolobha azongena
alokhele ngomlilo alishise[b] ka-
nye nezindlu ezinophahla aba-
ntu ababenikela kuzo imihla-
tshelo eya kuBhali, bethululele-
la nabanye onkulunkulu imini-
kelo ephuzwayo ukuze bangica-
sule.'[c]

**30** "'Ngoba abantu bakwa-
Israyeli nabakwaJuda benze
okubi kuphela emehlweni ami,
kusukela ebusheni babo ku-
qhubeke;[d] abantu bakwa-Isra-
yeli balokhu bengicasula nge-
zenzo zabo,' kusho uJehova.
**31** 'Ngoba leli dolobha selo-
khu lakhiwa, kuze kube na-
muhla, belilokhu lingicasula li-
ngithukuthelisa[e] ukuze ngilisu-
se phambi kwami,[f] **32** nge-
nxa yabo bonke ububi obe-
nziwe abantu bakwa-Israyeli na-
bakwaJuda ukuze bangicasule
—bona namakhosi abo,[g] izikhu-
lu zabo,[h] abapristi babo na-
baprofethi babo,[i] abantu ba-
kwaJuda nezakhamuzi zaseJe-
rusalema. **33** Babelokhu be-
ngifulathela;[j] nakuba ngaza-
ma ukubafundisa ngokuphinda-
phindiwe,* akekho kubo owa-

**32:28** *NgesiHebheru, "sikaNebukhadirezari," enye indlela yokulibhala. **32:33** *NgesiHebheru, "ngangivuka ekuseni ngibafundisa."

ISAHL. 32
a Isay 40:26; IsA 4:11
b Eks 34:6, 7; Num 14:18
c Isay 28:29
d IzA 15:3; Heb 4:13
e Shu 12:14; Jer 17:10; Rom 2:6
f Eks 7:3, 5; Eks 9:15, 16; Dut 4:34; 2Sa 7:23; Isay 63:12
g Eks 6:1, 6; Eks 15:16; Dut 26:8
h Gen 13:14, 15; Gen 26:3
i Eks 3:8
j Dut 28:15; Jos 23:16
k Dut 28:52; 2Kh 25:1; Jer 33:4; Hez 4:1, 2
l Lev 26:31, 33
m Jer 14:12; Jer 15:2

Uhla 2
a 2Kh 25:4; Jer 20:5
b 2Kh 25:9, 10; 2Kr 36:17, 19; IsiL 4:11
c Jer 7:18; Jer 19:13; Jer 44:25
d Dut 9:7; 2Kh 17:9
e 1Kh 11:7; 2Kh 21:1, 4
f 2Kh 23:27; 2Kh 24:3, 4
g 1Kh 11:9, 10; 2Kh 23:26; 1Kr 10:13
h Hez 22:6
i Mik 3:5, 11
j 2Kr 29:6; Jer 2:27

yelalela futhi amukele isiya-
lo.[a] **34** Babeka izithixo ezinya-
nyisayo endlini ebizwa ngega-
ma lami ukuze bayingcolise.[b]
**35** Ngaphezu kwalokho, bakhe
izindawo eziphakeme zikaBha-
li eSigodini Sendodana KaHino-
mu,*[c] ukuze bashise amadoda-
na namadodakazi abo emlilwe-
ni njengemihlatshelo eya kuMo-
leki,[d] into engingazange ngiba-
yale ukuba bayenze[e] nenginga-
kaze ngiyicabange nokuyicaba-
nga# ukuba ngithi abenze le nto
enyanyekayo, bonise uJuda.’
**36** “Ngakho-ke, yilokhu uJe-
hova uNkulunkulu ka-Israye-
li akushoyo ngaleli dolobha
enithi liyonikelwa enkosini ya-
seBhabhiloni ngenkemba, nge-
ndlala nangesifo esiwumsha-
yabhuqe, **37** ‘Ngiyobaqoqa ba-
phume kuwo wonke amazwe
engabahlakazela kuwo ngenxa
yentukuthelo yami nangolaka
lwami nangokucasuka okukhu-
lu[f] futhi ngiyobabuyisela kule
ndawo ngibenze bahlale ngo-
kulondeka.[g] **38** Bayoba ngaba-
ntu bami, mina ngiyoba ngu-
Nkulunkulu wabo.[h] **39** Ngiyo-
banika inhliziyo eyodwa[i] ngibe-
nze bazi indlela eyodwa ukuze
bangesabe ngaso sonke isikha-
thi, ukuze kuzuze bona naba-
ntwana babo.[j] **40** Ngiyokwe-
nza nabo isivumelwano sapha-
kade,[k] sokuthi ngeke ngiyeke
ukubenzela okuhle;[l] ngiyokwe-
nza izinhliziyo zabo zingesabe
ukuze bangangishiyi.[m] **41** Ngi-
yojabula ngabo futhi ngiyobe-
nzela okuhle,[n] ngiyobatshala
kuleli zwe[o] ngayo yonke inhlizi-
yo yami nangawo wonke ama-
ndla ami.’”
**42** “Ngoba yilokhu uJehova
akushoyo, ‘Njengoba nje ngile-
thele lesi sizwe yonke le nhleke-
lele enkulu, kanjalo ngiyosile-
thela bonke lobu buhle* engisi-
thembisa bona.[a] **43** Kuyophi-
nde kuthengwe amasimu kule-
li zwe,[b] nakuba nithi ngalo: “Li-
ngamanxiwa, akuhlali muntu
nasilwane. Linikelwe kumaKha-
ledi.”’
**44** “‘Amasimu ayothengwa
ngemali, kubhalwe etayiteleni
kubekwe uphawu, kubizwe ofa-
kazi ezweni lakwaBhenjamini,[c]
emadolobheni azungeze iJe-
rusalema, emadolobheni akwa-
Juda,[d] emadolobheni asezinta-
beni, emadolobheni asethafe-
ni[e] nasemadolobheni aseningi-
zimu, ngoba ngiyobuyisa izithu-
njwa zabo,’[f] kusho uJehova.”

**33** Izwi likaJehova lafika
kuJeremiya okwesibili,
ngesikhathi eboshwe eGceke-
ni Labaqaphi,[g] lathi: **2** “Yilo-
khu uJehova uMenzi womhla-
ba akushoyo, uJehova owawu-
bumba wawumisa waqina; ngu-
Jehova igama lakhe, **3** ‘Ngibi-
ze, ngizokuphendula ngiku-
tshele ngokushesha izinto
ezinkulu ezingenakuqondakala
obungazazi.’”[h]
**4** “Ngoba yilokhu uJehova
uNkulunkulu ka-Israyeli aku-
shoyo ngokuphathelene nezi-
ndlu zaleli dolobha nezindlu za-
makhosi akwaJuda ezidilizwa-
yo ngenxa yodonga lokuvi-
mbezela nangenxa yenkemba,[i]
**5** nangokuphathelene nala-
bo abazolwa namaKhaledi be-
gcwalisa lezi zindlu ngezidu-
mbu zalabo engibabulele nge-
nxa yentukuthelo yami no-
laka lwami, labo abenze uku-
ba ngifihlele leli dolobha ubu-
so bami ngenxa yobubi babo:
**6** ‘Bheka ngilenza lilulame li-
thole impilo,[j] ngizobaphulukisa

**32:35** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama, “iGehena.” #Noma, “nengazange ifike enhliziyweni yami.”

**32:42** *Noma, “izinto ezinhle.”

ISAHL. 32
a Jer 25:3; Jer 35:15
b 2Kh 21:1, 4; Jer 23:11; Hez 8:5, 6
c Jos 15:8, 12
d 2Kr 28:1, 3; 2Kr 33:1, 6; Jer 7:31
e Lev 18:21; Dut 18:10, 12
f Dut 30:3; Jer 29:14; Hez 37:21
g Jer 23:3, 6; Jer 33:16; Hez 34:25
h Jer 31:33; Mik 4:5
i Hez 11:19
j Dut 5:29
k Isay 55:3; Isay 61:8
l Hez 39:29
m Hez 36:26
n Isay 65:19; Zef 3:17
o Isay 58:11; Jer 24:6; Amo 9:15

Uhla 2
a Jer 31:28; Zak 8:14, 15
b Hez 37:14
c Jer 32:10, 25
d Jer 31:23
e Jer 17:26; Jer 33:13
f Hu 126:1

ISAHL. 33
g Neh 3:25; Jer 32:2; Jer 37:21; Jer 38:28
h Isay 48:6
i Dut 28:52; Jer 32:24
j Isay 30:26; Jer 30:17

ngibanike ukuthula okuchichimayo neqiniso.[a] **7** Ngizobuyisa izithunjwa zakwaJuda nezithunjwa zakwa-Israyeli,[b] ngizobabusisa njengasekuqaleni.[c] **8** Ngizothethelela zonke izono zabo neziphambeko zabo abone ngazo kimi,[d] ukuze bahlanzeke.[e] **9** Leli dolobha liyongenza ngijabule uma ngizwa igama lalo, liyokwenza zonke izizwe zomhlaba ezizwa ngakho konke okuhle engikwenzele abantu bami zingidumise futhi zingikhazimulise.[f] Ziyokwesaba zithuthumele[g] ngenxa yabo bonke ubuhle nokuthula engizolinika kona.’ ”[h]

**10** “Yilokhu uJehova akushoyo, ‘Kule ndawo eniyothi ingamanxiwa akuhlali muntu namfuyo, emadolobheni akwaJuda nasemigwaqweni yaseJerusalema eshiywe dengwane, engahlali muntu namfuyo, kusazozwakala **11** umsindo wokwethaba nowokujabula,[i] izwi lomkhwenyana nezwi likamakoti, izwi lalabo abathi: “Bongani uJehova wamabutho, ngoba uJehova muhle;[j] ngoba uthando lwakhe oluqotho luhlala kuze kube phakade!” ’[k]

“ ‘Bayoletha iminikelo yokubonga endlini kaJehova,[l] ngoba ngiyobuyisa izithunjwa zezwe njengasekuqaleni,’ kusho uJehova.”

**12** “Yilokhu uJehova wamabutho akushoyo: ‘Kule ndawo engamanxiwa, engenamuntu namfuyo, nakuwo wonke amadolobha ayo kuzophinde kube namadlelo ukuze abelusi balalise kuwo imihlambi yabo.’[m]

**13** “ ‘Emadolobheni asezintabeni, emadolobheni asemathafeni, emadolobheni aseningizimu, ezweni lakwaBhenjamini, ezindaweni ezizungeze iJerusalema[a] nasemadolobheni akwaJuda,[b] abelusi basazophinde babale imihlambi yabo yezimvu,’ kusho uJehova.”

**14** “ ‘Bheka! Kuza izinsuku,’ kusho uJehova, ‘lapho ngizogcwalisa khona isithembiso esihle engasisho ngokuphathelene nendlu ka-Israyeli nendlu kaJuda.[c] **15** Ngalezo zinsuku nangaleso sikhathi ngiyokwenza ukuba kuhlume indlalifa kaDavide elungile,[d] iyokwenza ngobulungisa nangokulunga ezweni.[e] **16** Ngalezo zinsuku uJuda uyosindiswa[f] neJerusalema liyohlala ngokulondeka.[g] Liyobizwa ngokuthi: UJehova Ungukulunga Kwethu.’ ”[h]

**17** “Ngoba yilokhu uJehova akushoyo: ‘Akusoze kwenzeka ukuba kungabi namuntu wozalo lukaDavide oyohlala esihlalweni sobukhosi sendlu ka-Israyeli,[i] **18** nakubapristi abangamaLevi, kuyohlale kunomuntu oma phambi kwami ukuba anikele iminikelo eshiswayo ephelele, ukuba ashise iminikelo yokudla okusanhlamvu nokuba anikele imihlatshelo.’ ”

**19** Izwi likaJehova laphinde lafika kuJeremiya, lathi: **20** “Yilokhu uJehova akushoyo, ‘Uma ningase nikwazi ukuphula isivumelwano sami ngokuqondene nemini nesivumelwano sami ngokuqondene nobusuku, ukuze ninqande imini nobusuku kungafiki ngesikhathi sako,[j] **21** khona-ke isivumelwano sami nenceku yami uDavide singaphulwa,[k] ukuze angabi nayo indodana ebusa njengenkosi esihlalweni sakhe sobukhosi,[l] kanjalo nesivumelwano sami nabapristi abangamaLevi, izikhonzi zami, singaphulwa.[m] **22** Njengoba nje ibutho lasemazulwini lingena-

ISAHL. 33

a Isay 54:13
b Dut 30:3; Jer 30:3
c Jer 24:6
d Isay 40:2; Zak 13:1
e Hu 85:2; Isay 43:25; Jer 31:34; Mik 7:18
f Isay 62:3, 7
g Mik 7:17
h Neh 6:15, 16
i Jer 31:12
j Zak 9:17
k 2Kr 5:13; Ezr 3:11; Hu 106:1; Isay 12:4; Mik 7:18
l Lev 7:12; Hu 107:22
m Isay 65:10; Jer 32:43

Uhla 2

a Jer 17:26
b Jer 32:44
c Jer 29:10
d Isay 53:2; Zak 6:12; IsA 22:16
e Isay 11:1, 4; Jer 23:5; Heb 1:9
f Isay 45:17
g Hez 28:26
h Jer 23:6
i 2Sa 7:16, 17; 1Kh 2:4; Hu 89:20, 29; Isay 9:7; Luk 1:32, 33
j Gen 1:16; Isay 54:10; Jer 31:35-37
k 2Sa 7:16, 17; 2Sa 23:5; Hu 89:34, 35; Hu 132:11; Isay 55:3
l Isay 9:6; Luk 1:32, 33
m Dut 21:5

kubalwa nesihlabathi solwa-
ndle singenakukalwa, ngiyoya-
ndisa kanjalo inzalo* kaDavi-
de inceku yami namaLevi angi-
khonzayo.’”

**23** Izwi likaJehova laphi-
nde lafika kuJeremiya, lathi:
**24** “Awukuzwanga yini lokho
lesi sizwe esikushoyo, sithi,
‘UJehova uzoyilahla le mindeni
emibili ayikhethile’? Asibahlo-
niphi abantu bami, asibabheki
njengesizwe.

**25** “Yilokhu uJehova aku-
shoyo: ‘Njengoba nje nge-
nza isivumelwano sami nemi-
ni nobusuku,[a] imithetho yezulu
nomhlaba,[b] **26** ngakho angi-
soze ngayilahla inzalo* kaJa-
kobe nekaDavide inceku yami,
ukuze ngingathathi enzalweni#
yakhe amakhosi azobusa phe-
zu kwenzalo△ ka-Abrahama,
u-Isaka noJakobe. Ngoba ngi-
zoziqoqa izithunjwa zabo[c] ngi-
zibuyise futhi ngizoba nesihe
kuzo.’”[d]

**34** Lapho uNebukhadineza-
ri* inkosi yaseBhabhilo-
ni nalo lonke ibutho lakhe le-
mpi nayo yonke imibuso yom-
hlaba eyayingaphansi kombuso
wakhe, nazo zonke izizwe be-
lwa neJerusalema nawo wonke
amadolobha alo, kwafika izwi
kuJeremiya livela kuJehova,[e]
lathi:

**2** “Yilokhu uJehova uNku-
lunkulu ka-Israyeli akushoyo,
‘Hamba ukhulume noZedekiya[f]
inkosi yakwaJuda uthi: “Yilo-
khu uJehova akushoyo, ‘Ngini-
kela leli dolobha enkosini ya-
seBhabhiloni, iyolishisa ngomli-
lo.[g] **3** Wena ngeke uphunyuke
esandleni sayo, ngoba nakanja-
ni uzobanjwa unikelwe kuyo.[a]
Uyobonana nayo ubuso nobuso
futhi uyothunjelwa eBhabhilo-
ni.’[b] **4** Nokho, yizwa izwi lika-
Jehova Zedekiya nkosi yakwa-
Juda, ‘Yilokhu uJehova akusho-
yo ngawe: “Ngeke ufe ngenke-
mba. **5** Uyofa ngokuthula,[c] ba-
kwenzele umcimbi wokushiswa
kwempepho njengoba benza
koyihlo, amakhosi ayengapha-
mbi kwakho, bayokulilela bathi,
‘Maye nkosi!’ ngoba ‘ngikhulu-
mile,’ kusho uJehova.”’”’”

**6** UJeremiya umprofethi
watshela uZedekiya inkosi ya-
kwaJuda wonke la mazwi eJe-
rusalema, **7** ngesikhathi ama-
butho empi enkosi yaseBhabhi-
loni elwa neJerusalema nawo
wonke amadolobha akwaJu-
da ayengakanqotshwa,[d] iLaki-
shi[e] ne-Azeka;[f] ngoba yiwo ku-
phela la madolobha anezivikelo
eziqinile ayesele emadolobheni
akwaJuda.

**8** Leli yizwi elafika kuJere-
miya livela kuJehova ngemva
kokuba iNkosi uZedekiya ye-
nze isivumelwano nabo bo-
nke abantu ababeseJerusale-
ma ukuba bakhulule izigqila,[g]
**9** ukuba yilowo nalowo akhu-
lule isigqila sakhe esingumHe-
bheru, esesilisa nesesifazane,
ukuze kungabi namuntu one-
sigqila esingumJuda. **10** Nga-
kho zonke izikhulu nabo bonke
abantu balalela. Babenze isivu-
melwano sokuba wonke umu-
ntu akhulule isigqila sakhe ne-
sigqilakazi sakhe zingaqhubeki
ziyizigqila. Balalela bazidedela.
**11** Kodwa kamuva baphinde
bazilanda izigqila nezigqilakazi
zabo ababezikhululile, babuye
baziphoqa ukuba ziphinde zibe
yizigqila. **12** Ngakho-ke kwa-
fika izwi likaJehova kuJeremi-
ya livela kuJehova, lathi:

ISAHL. 33
*a* Gen 1:16
*b* Hu 104:19; Jer 31:35, 36
*c* Ezr 2:1, 70
*d* Isay 14:1; Jer 31:20

ISAHL. 34
*e* 2Kh 25:1; Jer 32:2; Jer 39:1; Jer 52:4
*f* 2Kr 36:11; Jer 37:1
*g* Jer 21:10; Jer 32:28, 29; Jer 39:8

Uhla 2
*a* Jer 37:17; Jer 39:5
*b* 2Kh 25:6, 7; Hez 12:13
*c* Hez 17:16
*d* Jer 4:5
*e* Mik 1:13
*f* Jos 15:20, 35
*g* Eks 21:2

**33:22, 26** *NgesiHebheru, “imbewu.” **33:26** #NgesiHebheru, “embewini.” △NgesiHebheru, “kwembewu.” **34:1** *NgesiHebheru, “uNebukhadirezari,” enye indlela yokulibhala.

**13** "Yilokhu uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli akushoyo, 'Ngenza isivumelwano nokhokho benu[a] ngosuku engabakhipha ngalo ezweni laseGibhithe, lapho ababeyizigqila khona,[b] ngathi: **14** "Ekupheleni kweminyaka eyisikhombisa, ngamunye wenu kufanele adedele umfowabo ongumHebheru owayethengiselwe kuwe futhi osekusebenzele iminyaka eyisithupha; kumele umkhulule."[c] Kodwa okhokho benu abazange bangilalele noma benze engikushoyo. **15** Muva nje* niphendukile nenza okulungile emehlweni ami ngokukhulula abantu bakini, nenza isivumelwano phambi kwami endlini ebizwa ngegama lami. **16** Kodwa niphinde nashintsha nangcolisa igama lami[d] ngokubuyisa izigqila nezigqilakazi ebese nizikhululile ngokwezifiso zazo, niziphoqile ukuba ziphinde zibe yizigqila.'

**17** "Manje yilokhu uJehova akushoyo: 'Aningilalelanga ngokuba nikhulule izigqila, yilowo nalowo akhulule umfowabo nomuntu wakubo.[e] Ngakho ngizoninika inkululeko,' kusho uJehova, 'lapho inkemba, isifo esiwumshayabhuqe nendlala[f] kunibulala, ngizonenza nibe yinto eshaqisayo kuyo yonke imibuso yomhlaba.[g] **18** Yilokhu okuzokwenzeka kubantu abaphule isivumelwano sami ngokungawagcini amazwi esivumelwano sami lapho behlukanisa ithole phakathi ukuze badlule phakathi kwezingxenye zalo,*[h] **19** okungukuthi, izikhulu zakwaJuda, izikhulu zaseJerusalema, izikhulu zegceke, abapristi nabo bonke abantu bezwe abadlula phakathi kwezingxenye zethole: **20** ngizobanikela ezitheni zabo nakulabo abafuna ukubabulala, izidumbu zabo ziyoba ngukudla kwezinyoni zamazulu nokwezilwane zasendle.[a] **21** Ngizonikela uZedekiya inkosi yakwaJuda nezikhulu zakhe ezitheni zabo nakulabo abafuna ukubabulala nasesandleni samabutho enkosi yaseBhabhiloni[b] ayekayo ukunivimbezela.'[c]

**22** "'Ngizokhipha umyalo,' kusho uJehova, 'ngizowenza abuye kuleli dolobha, azolwa nalo alithumbe alishise ngomlilo;[d] amadolobha akwaJuda ngizowenza incithakalo, indawo engahlali muntu.'"[e]

**35** Leli yizwi elafika kuJeremiya livela kuJehova ezinsukwini zikaJehoyakimi[f] indodana kaJosiya, inkosi yakwaJuda, lathi: **2** "Hamba uye endlini yamaRekabi,[g] ukhulume nawo uwalethe endlini kaJehova, kwelinye lamagumbi okudlela;* uwanike iwayini ukuze aphuze."

**3** Ngakho ngathatha uJahazaniya indodana kaJeremiya indodana kaHabaziniya, abafowabo, wonke amadodana akhe nayo yonke indlu yamaRekabi **4** ngabaletha endlini kaJehova. Ngabangenisa egunjini lokudlela lamadodana kaHanani indodana ka-Igidaliya, umuntu kaNkulunkulu weqiniso, elaliseceleni kwekamelo lokudlela lezikhulu ngaphezu kwekamelo lokudlela likaMahaseya indodana kaShalumi umlindimnyango. **5** Ngabeka izindebe ezigcwele iwayini phambi kwamadoda endlu yamaRekabi ngathi kuwo: "Phuzani nali iwayini."

**34:15** *NgesiHebheru, "Namuhla."
**34:18** *Leli kwakuyisiko lama-Israyeli asendulo lokuqinisekisa isivumelwano.
**35:2** *Noma, "lamagumbi."

**ISAHL. 34**
- a Eks 24:7
- b Eks 13:3
- c Eks 21:2; Lev 25:10; Lev 25:39-42; Dut 15:12
- d Lev 19:12
- e Eks 21:2; Lev 25:10
- f 2Kh 25:3; Jer 21:7
- g Jer 15:2, 4; Jer 29:18
- h Gen 15:10, 17

**Uhla 2**
- a Dut 28:26; Hu 79:2; Jer 16:4
- b 2Kh 25:6, 7; IsiL 4:20
- c Jer 37:5
- d 2Kh 25:9, 10; Jer 32:29; Jer 39:8
- e Lev 26:33; Jer 44:2

**ISAHL. 35**
- f 2Kh 23:34; 2Kr 36:5; Dan 1:1
- g 2Kh 10:15; 1Kr 2:55

**6** Kodwa athi: “Ngeke sili-
phuze iwayini, ngoba uJeho-
nadaba*[a] indodana kaRekabi,
ukhokho wethu, wasiyala wa-
thi, ‘Akumele nanini niphu-
ze iwayini, nina noma ama-
dodana enu. **7** Akumele na-
khe indlu, nihlwanyele imbe-
wu noma nibe namasimu ama-
gilebhisi. Kunalokho, kumele
nihlale ematendeni ngaso so-
nke isikhathi, ukuze niphile
isikhathi eside ezweni enihla-
la kulo njengezifiki.’ **8** Nga-
kho siyaqhubeka silalela izwi
likaJehonadaba indodana ka-
khokho wethu uRekabi ku-
kho konke asiyala ngakho
ngokungalokothi siphuze iwa-
yini—thina, omkethu, amado-
dana ethu namadodakazi ethu.
**9** Asizakhi izindlu esizohlala
kuzo, asinawo amasimu amagi-
lebhisi noma amanye amasimu
noma imbewu. **10** Silokhu si-
hlala ematendeni futhi silalela
konke uJehonadaba* ukhokho
wethu asiyala ngakho. **11** Ko-
dwa lapho uNebukhadinezari*
inkosi yaseBhabhiloni eza ezo-
hlasela izwe,[b] sathi, ‘Masiha-
mbe siye eJerusalema sibale-
kele ibutho lempi lamaKhale-
di nelamaSiriya,’ ngakho manje
sesihlala eJerusalema.”

**12** Izwi likaJehova lafika ku-
Jeremiya, lathi: **13** “Yilokhu
uJehova wamabutho, uNkulu-
nkulu ka-Israyeli, akushoyo,
‘Hamba uthi kubantu bakwa-
Juda nasezakhamuzini zase-
Jerusalema: “Anizange yini ni-
nxuswe ngokuqhubekayo uku-
ba nilalele amazwi ami?”[c] ku-
sho uJehova. **14** “UJehona-
daba indodana kaRekabi wa-
yala isizukulwane sakhe uku-
ba singaliphuzi iwayini, sili-
gcinile izwi lakhe ngokungali-
phuzi kuze kube namuhla, si-
lalela umyalo kakhokho waso.[a]
Nokho, mina ngikhulume nani
ngokuphindaphindiwe* kodwa
aningilalelanga.[b] **15** Ngangi-
lokhu ngithumela kini zonke
izinceku zami abaprofethi, ngi-
zithuma ngokuphindaphindi-
we,*[c] ngithi, ‘Ngicela nishiye
izindlela zenu ezimbi,[d] nenze
okulungile! Ningalandeli aba-
nye onkulunkulu, ningabakho-
nzi. Khona-ke, niyoqhubeka ni-
hlala ezweni enganinika lona,
nina nokhokho benu.’[e] Kodwa
anizange ninginake noma ni-
ngilalele. **16** Isizukulwane si-
kaJehonadaba indodana kaRe-
kabi siwugcinile umyalo kakho-
kho waso,[f] kodwa lesi sizwe
asingilalelanga.”’”

**17** “Ngakho-ke yilokhu uJe-
hova, uNkulunkulu wamabu-
tho, uNkulunkulu ka-Israye-
li, akushoyo: ‘Ngilethela uJu-
da nazo zonke izakhamuzi za-
seJerusalema yonke inhlekele-
le engabaxwayisa ngayo,[g] ngo-
ba ngikhulumile nabo kodwa
abazange balalele, ngaqhubeka
ngibabiza kodwa abazange ba-
phendule.’”[h]

**18** UJeremiya wathi kwabe-
ndlu kaRekabi: “Yilokhu uJe-
hova wamabutho, uNkulunkulu
ka-Israyeli, akushoyo, ‘Ngenxa
yokuthi niwulalelile umyalo ka-
khokho wenu uJehonadaba fu-
thi niyaqhubeka nigcina yonke
imiyalo yakhe, nenza njengoba
nje aniyala, **19** yilokhu uJe-
hova wamabutho, uNkulunku-
lu ka-Israyeli, akushoyo: “Kuyo-
hlale kunomuntu ongikhonza-
yo wesizukulwane sikaJehona-
daba* indodana kaRekabi.”’”

**ISAHL. 35**
a 2Kh 10:15
b 2Kr 36:5, 6; Dan 1:1
c Jer 32:33

**Uhla 2**
a Jer 35:8
b 2Kr 36:15, 16; Neh 9:26, 30; Jer 25:3
c Jer 7:24, 25
d Isay 1:16; Jer 25:5; Hez 18:30; Hos 14:1
e Jer 7:5-7
f Jer 35:8
g Dut 28:15; Dut 29:26, 27; Jos 23:15, 16; 2Kh 23:27
h Isay 65:12; Isay 66:4; Jer 7:13, 14

**35:6, 10, 19** *NgesiHebheru, “uJonadaba,” yisifushaniso segama likaJehonadaba. **35:11** *NgesiHebheru, “uNebukhadirezari,” enye indlela yokulibhala.

**35:14** *NgesiHebheru, “ngivuka ekuseni ngikhuluma.” **35:15** *NgesiHebheru, “ngivuka ekuseni ngizithuma.”

**36** Ngonyaka wesine woku-
busa kukaJehoyakimi[a]
indodana kaJosiya, inkosi ya-
kwaJuda, kwafika leli zwi ku-
Jeremiya livela kuJehova, la-
thi: **2** “Thatha umqulu* ubha-
le kuwo wonke amazwi engiku-
tshele wona ngokumelene no-
Israyeli noJuda[b] nazo zonke izi-
zwe,[c] kusukela ngosuku loku-
qala engakhuluma ngalo kuwe,
ezinsukwini zikaJosiya, kuze
kube namuhla.[d] **3** Mhlawu-
mbe lapho abendlu kaJuda be-
zwa ngayo yonke inhlekelele
engihlose ukubalethela yona,
bangase bazishiye izindlela
zabo ezimbi, bese ngithethe-
lela isiphambeko sabo nesono
sabo.”[e]

**4** UJeremiya wabe esebi-
za uBharuki[f] indodana kaNeri-
ya, uJeremiya wamtshela wo-
nke amazwi uJehova ayewa-
khulume kuye, uBharuki wawa-
bhala emqulwini.*[g] **5** Khona-
ke uJeremiya wayala uBharuki,
wathi: “Ngiboshiwe, angikwa-
zi ukungena endlini kaJeho-
va. **6** Ngakho nguwe okufane-
le ungene, ufunde ngokuzwaka-
layo emqulwini amazwi kaJe-
hova engikutshele ukuba uwa-
bhale. Wafundele abantu endli-
ni kaJehova ngosuku lokuzila
ukudla; ngaleyo ndlela uzo-
wafundela bonke abantu ba-
kwaJuda abeza bevela ema-
dolobheni abo. **7** Mhlawumbe
uJehova uyosizwa isicelo sabo
sokubonisWa umusa futhi ba-
shiye izindlela zabo ezimbi,
ngoba uJehova usithukuthelele
kakhulu lesi sizwe.”

**8** Ngakho uBharuki indoda-
na kaNeriya wenza konke uJe-
remiya umprofethi ayemya-
le ngakho; wafunda emqulwini*
ngokuzwakalayo amazwi kaJe-
hova endlini kaJehova.[a]

**9** Ngonyaka wesihlanu ka-
Jehoyakimi[b] indodana kaJosi-
ya, inkosi yakwaJuda, ngenya-
nga ka-9, bonke abantu eJeru-
salema nabo bonke abantu aba-
beza eJerusalema bevela ema-
dolobheni akwaJuda baqala
ukuzila ukudla phambi kuka-
Jehova.[c] **10** UBharuki wabe
esefundela bonke abantu ngo-
kuzwakalayo amazwi kaJere-
miya ayesemqulwini* endlini
kaJehova, ekamelweni lokudle-
la# likaGemariya[d] indodana ka-
Shafani[e] umkopishi,△ egcekeni
elingenhla, emnyango wesango
elisha lendlu kaJehova.[f]

**11** Lapho uMikhaya indo-
dana kaGemariya indodana
kaShafani ezwa wonke ama-
zwi kaJehova ayesemqulwi-
ni,* **12** waya endlini yenko-
si,* ehhovisi likanobhala. Zo-
nke izikhulu# zazihlezi lapho:
u-Elishama[g] unobhala, uDela-
ya indodana kaShemaya, u-Eli-
nathani[h] indodana ka-Akhibo-
ri,[i] uGemariya indodana ka-
Shafani, uZedekiya indodana
kaHananiya nazo zonke ezi-
nye izikhulu. **13** UMikhaya
wazitshela wonke amazwi aye-
wazwile lapho uBharuki efu-
ndela abantu umqulu.*

**14** Khona-ke zonke izikhulu
zathumela uJehudi indodana
kaNethaniya indodana kaShe-
lemiya indodana kaKushi ku-
Bharuki, zathi: “Woza, uphathe
umqulu obuwufundela abantu.”
UBharuki indodana kaNeriya
wathatha umqulu waya kuzo.
**15** Zathi kuye: “Sicela uhlale
phansi, usifundele wona ngo-

ISAHL. 36
a 2Kh 23:36 Jer 25:1
b Jer 4:16 Jer 32:30
c Jer 1:5 Jer 25:9
d Jer 1:1, 2 Jer 25:3
e Isay 55:7 Hez 33:11 Mik 7:18
f Jer 32:12 Jer 45:2-5
g Jer 45:1

Uhla 2
a Jer 7:1, 2
b 2Kh 23:36
c 2Kr 20:2, 3 Est 4:15, 16
d Jer 36:25
e 2Kh 22:8 2Kr 34:20, 21 Jer 26:24 Jer 39:13, 14 Hez 8:11
f Jer 26:10
g Jer 36:20
h Jer 36:25
i 2Kh 22:14 Jer 26:22

**36:2** *NgesiHebheru, “umqulu wencwadi.” **36:4** *NgesiHebheru, “emqulwini wencwadi.” **36:8** *Noma, “encwadini.”

**36:10, 11** *Noma, “ayesencwadini.” **36:10** #Noma, “egumbini.” △Noma, “umbhali.” **36:12** *Noma, “esigodlweni.” #Noma, “izikhulu zegceke.” **36:13** *Noma, “incwadi.”

kuzwakalayo." Ngakho uBharu-
ki wazifundela wona.

**16** Ngokushesha nje lapho
zizwa wonke la mazwi, za-
bhekana zithukile, zathi ku-
Bharuki: "Nakanjani kumele si-
tshele inkosi wonke la ma-
zwi." **17** Zabuza uBharuki, za-
thi: "Sicela usitshele ukuthi
uwabhale kanjani wonke la ma-
zwi. Uwatshelwe nguJeremi-
ya?" **18** UBharuki wathi kuzo:
"Uyena ongitshele wonke la
mazwi, mina ngawabhala kulo
mqulu* ngoyinki." **19** Izikhu-
lu zathi kuBharuki: "Hamba-
ni niyocasha, wena noJeremi-
ya, kungabikho muntu owaziyo
ukuthi nikuphi."[a]

**20** Ngemva kwalokho zaya
enkosini, egcekeni, zabeka
umqulu ehhovisi lika-Elishama
unobhala, zase zitshela inkosi
konke ezazikuzwile.

**21** Ngakho inkosi yathu-
ma uJehudi[b] ukuba awula-
nde umqulu, wawulanda ehho-
visi lika-Elishama unobhala.
UJehudi waqala ukuwufu-
ndela inkosi nazo zonke izi-
khulu ezazimi ngasenkosini.
**22** Inkosi yayihlezi endlini ya-
sebusika, ngenyanga ka-9,* ku-
khona imbawula evuthayo pha-
mbi kwayo. **23** Lapho uJehu-
di esefunde izingxenye ezi-
ntathu noma ezine, inkosi
yayiyidabula ngommese ka-
nobhala leyo ngxenye, iyi-
phonse emlilweni owawuse-
mbawuleni, kwaze kwaba yi-
lapho wonke umqulu usuphe-
lele emlilweni owawusemba-
wuleni. **24** Abazange besabe;
inkosi nazo zonke izinceku
zayo ezezwa wonke la ma-
zwi, abazange baziklebhule izi-
ngubo zabo. **25** Nakuba u-Eli-
nathani,[a] uDelaya[b] noGemari-
ya[c] bayincenga inkosi ukuba
ingawushisi umqulu, ayizange
ibalalele. **26** Ngaphezu kwa-
lokho, inkosi yayala uJerami-
yeli indodana yenkosi, uSeraya
indodana ka-Aziriyeli noShe-
lemiya indodana ka-Abhideyeli
ukuba babambe uBharuki uno-
bhala noJeremiya umprofethi,
kodwa uJehova wabafihla.[d]

**27** Izwi likaJehova laphinde
lafika kuJeremiya ngemva ko-
kuba inkosi iwushisile umqulu
owawunamazwi uBharuki aye-
wabhale ewatshelwa nguJere-
miya,[e] lathi: **28** "Thatha omu-
nye umqulu ubhale kuwo wonke
amazwi abesemqulwini wokuqa-
la oshiswe uJehoyakimi inkosi
yakwaJuda.[f] **29** Kufanele uthi
ngoJehoyakimi inkosi yakwaJu-
da, 'Yilokhu uJehova akusho-
yo: "Uwushisile lo mqulu, wathi,
'Ubhaleleni kuwo ukuthi inkosi
yaseBhabhiloni iyoza nakanjani
ilichithe leli zwe, ingashiyi mu-
ntu nasilwane kulo?'[g] **30** Nga-
kho-ke yilokhu uJehova aku-
shoyo ngokumelene noJehoya-
kimi inkosi yakwaJuda, 'Nge-
ke abe namuntu ozohlala esi-
hlalweni sobukhosi sikaDavi-
de,[h] futhi isidumbu sakhe siyo-
dindiliza elangeni emini nasesi-
thwathweni ebusuku.[i] **31** Ngi-
yomjezisa yena, inzalo* yakhe
nezinceku zakhe ngenxa yesono
sabo, ngiyobalethela yonke le
nhlekelele engangithe ngizoyi-
letha kubo, ezakhamuzini zase-
Jerusalema nakubantu bakwa-
Juda,[j] kodwa abazange balale-
le.' " ' "[k]

**32** UJeremiya wabe esetha-
tha omunye umqulu wawunika
uBharuki indodana kaNeriya,
unobhala,[l] etshelwa uJeremiya

**36:18** *Noma, "kule ncwadi." **36:22** *Ingxenye yokugcina kaNovemba nengxenye yokuqala kaDisemba. Bheka iSithasiselo B15.

**36:31** *NgesiHebheru, "imbewu."

ISAHL. 36
*a* Jer 36:26
*b* Jer 36:14

Uhla 2
*a* 2Kh 24:8
*b* Jer 36:12
*c* Jer 36:10
*d* Jer 1:19
*e* Jer 36:2
*f* Jer 36:23
*g* Jer 25:8, 9
*h* 2Kh 24:6, 8; 2Kh 24:15; 2Kr 36:9, 10; Jer 22:24, 30
*i* Jer 22:18, 19
*j* Dut 28:15; Jer 19:15
*k* 2Kr 36:15, 16
*l* Jer 36:2, 4

wabhala wonke amazwi ayesemqulwini* owashiswa uJehoyakimi inkosi yakwaJuda emlilweni.[a] Kwanezelwa namanye amazwi amaningi anjengalawo.

**37** INkosi uZedekiya[b] indodana kaJosiya yabusa esikhundleni sikaKhoniya*[c] indodana kaJehoyakimi, ngoba uNebukhadinezari# inkosi yaseBhabhiloni yambeka waba inkosi ezweni lakwaJuda.[d] **2** Kodwa yona nezinceku zayo nabantu bezwe abawalalelanga amazwi kaJehova awakhuluma ngoJeremiya umprofethi.

**3** INkosi uZedekiya yathuma uJehukali[e] indodana kaShelemiya noZefaniya[f] indodana kaMahaseya umpristi kuJeremiya umprofethi, ithi: “Sicela usithandazele kuJehova uNkulunkulu wethu.” **4** UJeremiya wayezikhululekele phakathi kwabantu ngoba babengakamfaki ejele.[g] **5** Manje ibutho likaFaro laliphumile eGibhithe,[h] amaKhaledi ayevimbezele iJerusalema ezwa umbiko ngalo. Ngakho ahoxa ekulweni neJerusalema.[i] **6** Khona-ke izwi likaJehova lafika kuJeremiya umprofethi, lathi: **7** “Yilokhu uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli akushoyo, ‘Yilokhu okufanele nikusho enkosini yakwaJuda, enithume ukuba nizobuza kimi: “Bheka! Ibutho likaFaro elizokusiza kuzodingeka libuyele emuva ezweni lalo, eGibhithe.[j] **8** AmaKhaledi azobuya, alwe naleli dolobha alinqobe alishise ngomlilo.”[k] **9** Yilokhu uJehova akushoyo: “Ningazikhohlisi nithi, ‘Nakanjani amaKhaledi azoyeka ukulwa nathi,’ ngoba ngeke ayeke. **10** Ngisho noma ngabe benilibulale lonke ibutho lamaKhaledi alwa nani, kwasala kuwo amadoda alimele, abeyovuka ematendeni awo alishise ngomlilo leli dolobha.”’”[a]

**11** Lapho ibutho lamaKhaledi selihoxile ekulweni neJerusalema ngenxa yebutho likaFaro,[b] **12** uJeremiya waphuma eJerusalema waya ezweni lakwaBhenjamini[c] ukuze athole isabelo sakhe lapho phakathi kwabantu. **13** Kodwa lapho efika eSangweni LikaBhenjamini, u-Iriya indodana kaShelemiya indodana kaHananiya, isikhulu esengamele onogada, wambamba uJeremiya umprofethi, wathi: “Wena uhlubukela kumaKhaledi!” **14** Kodwa uJeremiya wathi: “Akulona iqiniso lelo! Angihlubukeli kumaKhaledi.” Kodwa akazange amlalele. Ngakho u-Iriya wambopha uJeremiya wamyisa ezikhulwini. **15** Izikhulu zamthukuthelela uJeremiya,[d] zamshaya zamfaka ejele,[e] endlini kaJehonathani unobhala, eyayenziwe ijele. **16** UJeremiya wafakwa esitokisini esingaphansi komhlaba,* wahlala lapho izinsuku eziningi.

**17** INkosi uZedekiya yabe isithumela ukuba alandwe, inkosi yambuza ngasese endlini yayo.*[f] Yathi, “Likhona yini izwi elivela kuJehova?” UJeremiya wathi, “Likhona!” Waqhubeka wathi, “Uzonikelwa enkosini yaseBhabhiloni!”[g]

**18** UJeremiya wathi eNkosini uZedekiya: “Ngone ngani kuwe nasezincekwini zakho nakulesi sizwe, nize ningifake ejele? **19** Baphi manje aba-

**ISAHL. 36**
a Jer 36:23

**ISAHL. 37**
b 2Kh 24:17-19; 1Kr 3:15
c 2Kh 24:12; Jer 22:24
d 2Kr 36:10-12
e Jer 38:1, 4
f 2Kh 25:18, 21; Jer 21:1, 2; Jer 29:25
g Jer 37:15
h Hez 17:15
i Jer 34:21
j Jer 17:5; IsiL 4:17; Hez 17:17
k Jer 32:29; Jer 34:22; Jer 39:8

**Uhla 2**
a Jer 21:4
b Jer 34:21
c Jer 1:1
d Jer 26:11; Jer 38:4
e Jer 20:2; Heb 11:32, 36
f Jer 38:14
g Jer 21:7; Jer 24:8; Jer 34:21; Hez 12:12, 13

**36:32** *Noma, “ayesencwadini.” **37:1** *Ubizwa nangokuthi uJehoyakini noma uJekoniya. #NgesiHebheru, “uNebukhadirezari,” enye indlela yokulibhala.

**37:16** *NgesiHebheru, “endlini yomthombo, ekamelweni elivikelekile.” **37:17** *Noma, “esigodlweni sayo.”

profethi benu ababeprofetha
kini, bethi, 'Inkosi yaseBhabhi-
loni ngeke ize izolwa nani
kanye naleli zwe'?[a] **20** Manje
ngicela ulalele nkosi yami. Ngi-
cela ungibonise umusa. Unga-
ngibuyiseli endlini kaJehona-
thani[b] unobhala ukuze nginga-
feli khona."[c] **21** Ngakho iNko-
si uZedekiya yayala ukuba
uJeremiya avalelwe eGceke-
ni Labaqaphi,[d] wayenikwa isi-
nkwa esiyindilinga nsuku zo-
nke sivela emgwaqweni waba-
bhaki,[e] saze saphela sonke isi-
nkwa edolobheni.[f] UJeremiya
waqhubeka eseGcekeni Laba-
qaphi.

**38** UShefathiya indodana ka-
Mathani, uGedaliya indo-
dana kaPhashuri, uJukali[g] indo-
dana kaShelemiya noPhashuri[h]
indodana kaMalikhiya bawezwa
amazwi uJeremiya ayewatshe-
la bonke abantu, ethi: **2** "Yilo-
khu uJehova akushoyo, 'Oqhu-
beka ehlala kuleli dolobha uzofa
ngenkemba, ngendlala nangesi-
fo esiwumshayabhuqe.*[i] Kodwa
ozinikela# kumaKhaledi uzo-
qhubeka ephila futhi uzosindi-
sa ukuphila kwakhe, ngeke
afe.'[j] **3** Yilokhu uJehova aku-
shoyo, 'Nakanjani leli dolobha li-
zonikelwa esandleni sebutho le-
nkosi yaseBhabhiloni, izolinqo-
ba.'"[k]

**4** Izikhulu zathi enkosini:
"Sicela ukuba lo muntu abula-
we,[l] ngoba lena yindlela aqeda
ngayo amandla* amadoda empi
asele kuleli dolobha nawabo
bonke abantu, ngokukhulu-
ma ngale ndlela kubo. Ngo-
ba lo muntu akasifuneli uku-
thula lesi sizwe kodwa usifune-
la inhlekelele." **5** INkosi uZe-
dekiya yathi: "Bhekani! Useza-
ndleni zenu, ngoba inkosi nge-
ke inivimbe."

**6** Ngakho zamthatha uJe-
remiya zamphonsa emthonjeni
kaMalikhiya indodana yenkosi,
owawuseGcekeni Labaqaphi.[a]
Zamehlisela phansi uJeremi-
ya ngezintambo. Manje kwaku-
ngenamanzi emthonjeni kuno-
daka kuphela, ngakho uJe-
remiya waqala ukubisha oda-
keni.

**7** U-Ebhedi-meleki[b] umTo-
piya, indoda eyisikhulu se-
gceke endlini yenkosi,* we-
zwa ukuthi babefake uJeremi-
ya emthonjeni. Inkosi yayihle-
zi eSangweni LikaBhenjamini,[c]
**8** ngakho u-Ebhedi-meleki wa-
phuma endlini yenkosi* wa-
khuluma nenkosi, wathi: **9** "O
nkosi yami, la madoda enze
into embi kakhulu kuJeremi-
ya umprofethi! Amphonse em-
thonjeni, uzofela khona ngenxa
yendlala ngoba akusekho kudla
kuleli dolobha."[d]

**10** Khona-ke inkosi yayala
u-Ebhedi-meleki umTopiya,
yathi: "Thatha lapha amado-
da angu-30, umkhiphe uJe-
remiya umprofethi emtho-
njeni angaze afe." **11** Nga-
kho u-Ebhedi-meleki wawatha-
tha amadoda wahamba nawo
baya endlini yenkosi,* endawe-
ni engaphansi kwendlu yokugci-
na ingcebo,[e] bathatha lapho izi-
dwedwe namanikiniki bakwe-
hlisela kuJeremiya emthonjeni
ngezintambo. **12** U-Ebhedi-
meleki umTopiya wathi kuJe-
remiya: "Ngicela ufake lezo zi-
dwedwe namanikiniki ema-
khwapheni akho bese ufaka izi-
ntambo." UJeremiya wenza ka-
njalo, **13** bamdonsa uJeremi-
ya ngezintambo bamkhipha

**38:2** *Noma, "nangesifo." #NgesiHebheru, "ophumayo aye." **38:4** *NgesiHebheru, "enza ngayo buthaka izandla."

**38:7, 8, 11** *Noma, "esigodlweni."

ISAHL. 37
a Jer 14:13; Jer 23:16, 17; Jer 27:14; Jer 28:1, 2; IsiL 2:14
b Jer 37:15
c Jer 26:15; Jer 38:8, 9
d Neh 3:25; Jer 32:2; Jer 33:1; Jer 38:13, 28
e 1Kh 17:6
f 2Kh 25:3; Jer 38:9

ISAHL. 38
g Jer 37:3
h Jer 21:1, 2
i Jer 27:13; Jer 29:18; Hez 7:15
j Jer 21:8-10
k 2Kh 25:1, 2; 2Kr 36:17
l Jer 26:11

Uhla 2
a Jer 33:1; Jer 37:21; Jer 38:28
b Jer 39:16
c Jer 37:13
d Jer 52:6
e 2Kh 20:13

emthonjeni. UJeremiya waqhu-
beka ehlala eGcekeni Labaqa-
phi.[a]
**14** INkosi uZedekiya yathu-
mela ukuba kubizwe uJere-
miya umprofethi eze kuyo esa-
ngweni lesithathu, elisendlini
kaJehova, inkosi yathi ku-
Jeremiya: "Ngicela ukukubu-
za okuthile. Ungangifihleli lu-
tho." **15** UJeremiya wabe ese-
thi kuZedekiya: "Uma ngiku-
tshela, nakanjani uzongibulala.
Uma ngikweluleka, ngeke ungi-
lalele." **16** Ngakho iNkosi uZe-
dekiya yafunga ngasese kuJere-
miya, yathi: "Ngimfunge uJeho-
va osinike lokhu kuphila, ngeke
ngikubulale futhi ngeke ngiku-
nikele kula madoda afuna uku-
kubulala."
**17** UJeremiya wathi kuZede-
kiya: "Yilokhu uJehova, uNku-
lunkulu wamabutho, uNkulu-
nkulu ka-Israyeli, akushoyo,
'Uma uzinikela* ezikhulwini ze-
nkosi yaseBhabhiloni, ngeke
ubulawe naleli dolobha ngeke li-
shiswe ngomlilo, wena nomnde-
ni wakho nizosinda.[b] **18** Ko-
dwa uma ungeke uzinikele* ezi-
khulwini zenkosi yaseBhabhilo-
ni, leli dolobha lizonikelwa ku-
maKhaledi, azolishisa ngomli-
lo,[c] wena ngeke uphunyuke ku-
maKhaledi.' "[d]
**19** INkosi uZedekiya ya-
thi kuJeremiya: "Ngiyawesa-
ba amaJuda ahlubukele kuma-
Khaledi, ngoba uma nginike-
lwa kuwo, angase angipha-
the ngonya." **20** Kodwa uJe-
remiya wathi: "Ngeke unikelwe
kuwo. Ngicela ulalele izwi lika-
Jehova engikutshela lona, ku-
zokuhambela kahle, uzoqhube-
ka uphila. **21** Kodwa uma we-
nqaba ukuzinikela,* yilokhu
uJehova angibonise kona:
**22** Bheka! Bonke abesifazane
abasele endlini yenkosi* ya-
kwaJuda bakhishelwa ezikhu-
lwini zenkosi yaseBhabhiloni,[a]
futhi bathi,

> 'Amadoda obuwethemba#
> akukhohlisile akunqoba.[b]
> Abangele ukuba unyawo
> lwakho lubishe odakeni.
> Manje aphendukile abale-
> ka.'

**23** Bonke omkakho namado-
dana akho bakhishelwa kuma-
Khaledi, wena ngeke uphunyu-
ke kuwo, kodwa inkosi yase-
Bhabhiloni izokubamba,[c] nge-
nxa yakho leli dolobha lizoshi-
swa ngomlilo."[d]
**24** UZedekiya wathi kuJere-
miya: "Ungayitsheli muntu le
nto ukuze ungafi. **25** Uma izi-
khulu zizwa ukuthi bengikhu-
luma nawe bese ziza kuwe zi-
thi, 'Sicela usitshele lokho oku-
tshele inkosi. Ungasifihleli lu-
tho, ngeke sikubulale.[e] Itheni
inkosi kuwe?' **26** kumele uzi-
phendule uthi, 'Bengicela inko-
si ukuba ingangibuyiseli endli-
ni kaJehonathani ukuba ngiyo-
fela khona.' "[f]
**27** Ngemva kwesikhathi zo-
nke izikhulu zeza kuJeremiya
zamphonsa imibuzo. Yena wazi-
tshela konke lokho inkosi eya-
yimyale ukuba akusho. Nga-
kho azibange zisasho lutho
kuye, ngoba akekho owayeyi-
zwile ingxoxo yakhe nenko-
si. **28** UJeremiya waqhube-
ka ehlala eGcekeni Labaqaphi[g]
kwaze kwaba yilapho iJerusa-
lema linqotshwa; wayeselapho
ngesikhathi iJerusalema linqo-
tshwa.[h]

---

**38:17** *NgesiHebheru, "uphuma uye."
**38:18** *NgesiHebheru, "uphume uye."
**38:21** *NgesiHebheru, "ukuphuma."
**38:22** *Noma, "esigodlweni." #NgesiHebheru, "anokuthula nawe."

ISAHL. 38
a Jer 37:21
b Jer 21:9; Jer 27:12
c 2Kh 25:8, 9
d 2Kh 25:6; Jer 39:5

Uhla 2
a Jer 39:3
b IsiL 1:2
c 2Kh 25:7
d Jer 52:8, 13
e Jer 38:4
f Jer 37:15
g Jer 15:20; Jer 32:2; Jer 33:1; Jer 37:21; Jer 39:13, 14
h 2Kh 25:8, 9; 2Kr 36:17

**39** Ngonyaka ka-9 kaZede-
kiya inkosi yakwaJuda,
ngenyanga yeshumi, uNebu-
khadinezari* inkosi yaseBha-
bhiloni nalo lonke ibutho lakhe
lempi beza eJerusalema balivi-
mbezela.[a]
**2** Ngonyaka ka-11 kaZedeki-
ya, ngenyanga yesine, ngosu-
ku luka-9 lwenyanga izindonga
zedolobha zadilizwa.[b] **3** Zonke
izikhulu zenkosi yaseBhabhilo-
ni zangena zahlala phansi eSa-
ngweni Eliphakathi,[c] okuyilezi,
uNerigali-sharezeri iSamgari,
uNebo-sarisekhimi iRabhisari-
si,* uNerigali-sharezeri iRabhi-
mage# nazo zonke ezinye izi-
khulu zenkosi yaseBhabhiloni.
**4** Lapho uZedekiya inkosi
yakwaJuda nalo lonke ibutho
lempi bezibona babaleka,[d] ba-
phuma ebusuku edolobheni
ngendlela edlula engadini ye-
nkosi, ngesango eliphakathi
kodonga olubhangqiwe, baqhu-
beka ngendlela eya ngase-Ara-
ba.[e] **5** Kodwa ibutho lama-
Khaledi labajaha, lamfica uZe-
dekiya emathafeni awugwadule
aseJeriko.[f] Lamthatha lamle-
tha kuNebukhadinezari* inkosi
yaseBhabhiloni eRibila[g] ezwe-
ni laseHamati[h] lapho agwe-
tshwa khona. **6** Inkosi yase-
Bhabhiloni yabulala amadoda-
na kaZedekiya phambi kwa-
khe eRibila, yaphinde yabula-
la zonke izicukuthwane za-
kwaJuda.[i] **7** Yamkhipha ame-
hlo uZedekiya, ngemva kwalo-
kho yambopha ngezibopho ze-
thusi, yamyisa eBhabhiloni.[j]

---

**39:1, 5, 11** *NgesiHebheru, "uNebukhadirezari," enye indlela yokulibhala. **39:3** *Noma ngendlela okuhlukaniswe ngayo komunye umbhalo wesiHebheru, "uNerigali-sharezeri, uSamgari-nebo, uSarisekhimi, uRabhisarisi." **39:3, 13** #Noma, "umenzi wemilingo oyinhloko (obhula ngezinkanyezi)."

**ISAHL. 39**
*a* 2Kh 25:1, 2; Jer 52:4, 5; Hez 24:1, 2
*b* 2Kh 25:3, 4; Jer 52:6, 7; Hez 33:21
*c* Jer 1:15
*d* Dut 28:25
*e* 2Kh 25:4-7; Jer 52:7-11
*f* Jer 32:4; Jer 38:18
*g* 2Kh 23:31, 33
*h* 2Kh 17:24
*i* Jer 21:7; Jer 34:18-20
*j* Hez 12:13

**Uhla 2**
*a* Isay 5:9; Jer 38:18
*b* 2Kh 25:9-11; 2Kr 36:17, 19; Neh 1:3; Jer 52:13-15
*c* 2Kh 25:20; Jer 40:1; Jer 52:12
*d* 2Kh 25:12; Jer 52:16
*e* Jer 40:2, 4
*f* Jer 38:28
*g* 2Kh 25:22; Jer 40:5; Jer 41:2
*h* 2Kr 34:20, 21; Jer 26:24
*i* 2Kh 22:8
*j* Jer 32:2; Jer 37:21
*k* Jer 38:7

**8** AmaKhaledi ashisa indlu
yenkosi* nezindlu zabantu,[a]
adiliza nezindonga zaseJeru-
salema.[b] **9** UNebuzaradani,[c]
induna yonogada, wabathatha
bonke abantu ababesele edo-
lobheni, abantu ababehlubuki-
le nabo bonke abanye abantu
ababesele wabayisa ekudingi-
sweni eBhabhiloni.
**10** UNebuzaradani induna
yonogada washiya ezweni la-
kwaJuda abanye babantu aba-
behlupheka kakhulu, ababe-
ngenalutho. Ngalolo suku wa-
banika namasimu amagilebhi-
si namasimu ababezosebenza
kuwo.*[d]
**11** UNebukhadinezari* inko-
si yaseBhabhiloni wanika uNe-
buzaradani induna yonogada le
miyalo ngokuphathele noJere-
miya: **12** "Mthathe, umnakeke-
le; ungamlimazi, umnike yo-
nke into ayifunayo."[e]
**13** Ngakho uNebuzaradani
induna yonogada, uNebusha-
zibani iRabhisarisi,* uNeriga-
li-sharezeri iRabhimage# nawo
wonke amadoda avelele enko-
si yaseBhabhiloni bathumela
**14** ukuba kulandwe uJeremiya
eGcekeni Labaqaphi,[f] bamyisa
kuGedaliya[g] indodana ka-Ahika-
mu[h] indodana kaShafani[i] uku-
ze ahlale endlini yakhe. Ngakho
wahlala phakathi kwabantu.
**15** Lapho uJeremiya eboshi-
we eGcekeni Labaqaphi[j] kwafi-
ka izwi likaJehova, lathi:
**16** "Hamba, uthi ku-Ebhedi-
meleki[k] umTopiya, 'Yilokhu
uJehova wamabutho, uNkulu-
nkulu ka-Israyeli, akushoyo:
"Ngigcwalisa amazwi ami oku-
letha inhlekelele hhayi okuhle

---

**39:8** *Noma, "isigodlo." **39:10** *Noma kungaba, "nemisebenzi ephoqelelwe." **39:13** *Noma, "isikhulu segceke esiyinhloko."

kuleli dolobha, ngalolo suku
uyokubona kwenzeka."'
17 "'Ngiyokusindisa ngalolo
suku,' kusho uJehova, 'ngeke
unikelwe emadodeni owesaba-
yo.'
18 "'Ngoba nakanjani ngiyo-
kwenza uphunyuke, ngeke ufe
ngenkemba. Uyosindisa uku-
phila kwakho[a] ngoba uthembe-
le kimi,'[b] kusho uJehova."

**40** Leli izwi elafika kuJe-
remiya livela kuJeho-
va ngemva kokuba uNebuzara-
dani[c] induna yonogada em-
khululile eRama.[d] Wayemtha-
thile waya naye eRama ebo-
shwe ngozankosi, ephakathi
kwabo bonke abantu base-
Jerusalema nabakwaJuda aba-
bedingiswa beyiswa eBhabhi-
loni. 2 Induna yonogada yam-
thatha uJeremiya yathi kuye:
"UJehova uNkulunkulu wa-
kho wabikezela ngale nhleke-
lele eyehlele le ndawo, 3 uJe-
hova uyilethile njengoba nje
asho, ngoba nina nonile kuJe-
hova, anililalelanga izwi lakhe.
Yingakho nehlelwe yile nhleke-
lele.[e] 4 Namuhla ngiyabakhi-
pha ozankosi abasezandleni za-
kho. Uma uthanda ukuya nami
eBhabhiloni, asihambe, ngizo-
kunakekela. Kodwa uma unga-
thandi ukuya nami eBhabhilo-
ni, ungahambi. Bheka! Lonke
izwe liphambi kwakho. Hamba
uye nomaphi lapho ukhetha
ukuya khona."[f]
5 Lapho uJeremiya esanga-
baza ukubuyela emuva, uNebu-
zaradani wathi: "Buyela ku-
Gedaliya[g] indodana ka-Ahika-
mu[h] indodana kaShafani,[i] lowo
inkosi yaseBhabhiloni emmise
phezu kwamadolobha akwaJu-
da, uhlale naye phakathi kwa-
bantu; noma uye nomaphi la-
pho ukhetha ukuya khona."
Induna yonogada yamnika
ukudla nesipho yase imdedela.
6 Ngakho uJeremiya waya ku-
Gedaliya indodana ka-Ahikamu
eMispa[a] wahlala naye phakathi
kwabantu ababesele ezweni.
7 Ngokuhamba kwesikhathi
zonke izinduna zamabutho
empi ezazikulo lonke izwe na-
madoda angaphansi kwazo, ze-
zwa ukuthi inkosi yaseBhabhi-
loni yayimise uGedaliya indo-
dana ka-Ahikamu phezu kwe-
zwe nokuthi yayimmise phe-
zu kwamadoda, abesifazane
nezingane kubantu abampo-
fu bezwe, ababengadingiselwa-
nga eBhabhiloni.[b] 8 Ngakho
zeza kuGedaliya eMispa.[c] Kwa-
kungu-Ishmayeli[d] indodana ka-
Nethaniya, uJohanani[e] noJo-
nathani amadodana kaKhare-
ya, uSeraya indodana kaTha-
nihumeti, amadodana ka-Efayi
umNethofa noJezaniya[f] indo-
dana yomMahakhati, zikanye
namadoda angaphansi kwa-
zo. 9 UGedaliya indodana ka-
Ahikamu indodana kaShafa-
ni wafunga kuzo nasemadodeni
angaphansi kwazo, wathi: "Ni-
ngesabi ukukhonza amaKhale-
di. Hlalani ezweni nikhonze
inkosi yaseBhabhiloni, kuzoni-
hambela kahle.[g] 10 Mina ngi-
zohlala eMispa ukuze nginikhu-
lumele* kumaKhaledi eza kithi.
Kodwa nina kufanele niqoqe
iwayini, izithelo zasehlobo na-
mafutha nikufake ezitsheni
zenu nihlale emadolobheni eni-
wathathile."[h]
11 Wonke amaJuda ayekwa-
Mowabi, kwa-Amoni, kwa-Edo-
mi nalawo ayekuwo wonke
amanye amazwe, ezwa uku-
thi inkosi yaseBhabhiloni ya-
yivumele abathile ukuba ba-
sale kwaJuda nokuthi yayimise

40:10 *NgesiHebheru, "ukuze ngime phambi."

ISAHL. 39
a Jer 45:2, 5
b Hu 37:39, 40; Jer 17:7

ISAHL. 40
c Jer 39:9; Jer 52:12, 13
d Jos 18:21, 25
e Jer 50:7
f Jer 39:11, 12
g 2Kh 25:22; Jer 39:13, 14; Jer 41:2
h 2Kh 22:12, 13; Jer 26:24
i 2Kh 22:8

Uhla 2
a Hlu 20:1; 1Kh 15:22
b 2Kh 25:22; Jer 39:10
c 2Kh 25:23
d 2Kh 25:25
e Jer 41:11, 16; Jer 43:2
f Jer 42:1, 2
g 2Kh 25:24; Jer 27:11
h Jer 39:10

phezu kwabo uGedaliya indo-
dana ka-Ahikamu indodana
kaShafani. **12** Ngakho wonke
amaJuda aqala ukubuya kuzo
zonke izindawo ayehlakazeke-
le kuzo, eza ezweni lakwaJuda
kuGedaliya eMispa. Aqoqa iwa-
yini nezithelo zasehlobo okuni-
ngi kakhulu.

**13** UJohanani indodana ka-
Khareya nazo zonke izindu-
na zamabutho empi ezaziku-
lo lonke izwe, beza kuGeda-
liya eMispa. **14** Bathi kuye:
"Awazi yini ukuthi uBhahalisi,
inkosi yakwa-Amoni,[a] uthume
u-Ishmayeli indodana kaNetha-
niya ukuba akubulale?"[b] Kodwa
uGedaliya indodana ka-Ahika-
mu akazange abakholwe.

**15** UJohanani indodana ka-
Khareya wakhuluma noGedali-
ya ngasese eMispa wathi: "Ngi-
funa ukuhamba ngiyobulala
u-Ishmayeli indodana kaNetha-
niya, akekho umuntu ozo-
kwazi. Kungani kufanele aku-
bulale futhi kungani bonke
abantu bakwaJuda ababutha-
nele kuwe kumele bahlaka-
zeke, nabasele kwaJuda ba-
shabalale?" **16** Kodwa uGeda-
liya[c] indodana ka-Ahikamu wa-
thi kuJohanani indodana ka-
Khareya: "Ungayenzi leyo nto,
ngoba amanga lawa owashoyo
ngo-Ishmayeli."

**41** Ngenyanga yesikhombi-
sa u-Ishmayeli[d] indodana
kaNethaniya indodana ka-Eli-
shama, owayezalwa ebukhosi-
ni,* engenye yamadoda avelele
enkosi, weza namanye amado-
da ayishumi kuGedaliya indo-
dana ka-Ahikamu eMispa.[e] Nje-
ngoba babedla ndawonye eMi-
spa, **2** u-Ishmayeli indodana
kaNethaniya namadoda ayishu-
mi ayekanye naye, basukuma
babulala uGedaliya indodana
ka-Ahikamu indodana kaShafa-
ni ngenkemba. Ngakho wambu-
lala lowo inkosi yaseBhabhilo-
ni eyayimmise phezu kwezwe.
**3** U-Ishmayeli wabulala nawo
wonke amaJuda ayenoGedali-
ya eMispa kanye namasosha
amaKhaledi ayelapho.

**4** Ngosuku lwesibili nge-
mva kokuba uGedaliya ebule-
we, kungakazi muntu ngakho,
**5** kwafika amadoda angu-80
evela eShekemi,[a] eShilo[b] nase-
Samariya.[c] Izintshebe zawo zi-
gundiwe, izingubo zawo zikle-
bhukile, ezisikile,[d] ephethe
iminikelo yokudla okusanhla-
mvu nempepho enephunga eli-
mnandi[e] ekulethe endlini ka-
Jehova. **6** Ngakho u-Ishmaye-
li indodana kaNethaniya wa-
phuma eMispa eyowahlangabe-
za, ehamba ekhala. Lapho efi-
ka kuwo wathi: "Wozani ku-
Gedaliya indodana ka-Ahika-
mu." **7** Kodwa lapho engena
edolobheni, u-Ishmayeli indoda-
na kaNethaniya kanye namado-
da ayekanye naye bawabulala
bawaphonsa emthonjeni.

**8** Amadoda ayishumi pha-
kathi kwawo athi ku-Ishma-
yeli: "Ungasibulali ngoba sifi-
hle ukolweni, ibhali, amafu-
tha noju ehlane." Ngakho aka-
wabulalanga, wona nabafowa-
bo. **9** U-Ishmayeli waphonsa
zonke izidumbu zamadoda aye-
wabulele emthonjeni omkhulu,
lowo owenziwa yiNkosi u-Asa
ngenxa kaBhahasha inkosi ya-
kwa-Israyeli.[f] Yiwo u-Ishmaye-
li indodana kaNethaniya awu-
gcwalisa ngamadoda abulewe.

**10** U-Ishmayeli wathumba
bonke abantu ababesele eMi-
spa,[g] kuhlanganise namadoda-
kazi enkosi nabo bonke aba-
ntu ababesele eMispa, uNe-
buzaradani induna yonogada

41:1 *NgesiHebheru, "owayeyimbewu yombuso."

ISAHL. 40
a Jer 41:10
b Jer 41:2
c 2Kh 25:22

ISAHL. 41
d 2Kh 25:23; Jer 40:14
e 2Kh 25:25

Uhla 2
a 1Kh 12:1
b Jos 18:1
c 1Kh 16:23, 24
d Lev 19:27, 28; Dut 14:1
e Lev 2:1
f 1Kh 15:22; 2Kr 16:6
g Jer 40:12

ayebabeke ngaphansi kukaGe-
daliya[a] indodana ka-Ahikamu.
U-Ishmayeli indodana kaNetha-
niya wabathumba, wahamba
wawelela kwa-Amoni.[b]

**11** Lapho uJohanani[c] indo-
dana kaKhareya nazo zonke izi-
nduna zamabutho empi ezazi-
kanye naye bezwa ngakho ko-
nke okubi u-Ishmayeli indo-
dana kaNethaniya ayekwenzile,
**12** bathatha wonke amadoda
bahamba bayolwa no-Ishmaye-
li indodana kaNethaniya, bam-
thola ngasechibini elikhulu eli-
seGibheyoni.

**13** Bonke abantu ababeno-
Ishmayeli bajabula lapho bebo-
na uJohanani indodana kaKha-
reya nazo zonke izinduna za-
mabutho empi ezazikanye naye.
**14** Bonke abantu u-Ishmayeli
ayebathumbile eMispa[d] baphe-
nduka, baphindela emuva no-
Johanani indodana kaKhareya.
**15** U-Ishmayeli indodana kaNe-
thaniya namadoda akanye naye
angu-8 baphunyuka kuJohana-
ni, baya kwa-Amoni.

**16** UJohanani indodana ka-
Khareya nazo zonke izindu-
na zamabutho empi ezazikanye
naye, bathatha bonke abantu
ababesele eMispa, labo ababe-
basindise ku-Ishmayeli indoda-
na kaNethaniya ngemva koku-
ba ebulale uGedaliya[e] indodana
ka-Ahikamu. Balanda amadoda,
amasosha, abesifazane, izinga-
ne nezikhulu zegceke eGibhe-
yoni. **17** Ngakho bahamba ba-
hlala endaweni yaseKimihamu
eseduze kweBhetlehema,[f] be-
hlose ukuqhubekela eGibhi-
the[g] **18** ngenxa yamaKhaledi.
Ngoba base bewesaba njengoba
u-Ishmayeli indodana kaNetha-
niya ayebulale uGedaliya indo-
dana ka-Ahikamu, inkosi yase-
Bhabhiloni eyayimmise phezu
kwezwe.[h]

ISAHL. 41
a Jer 40:7
b Jer 40:14
c Jer 40:13
Jer 43:2
d Jer 40:6
e Jer 41:2
f Gen 35:19
g 2Kh 25:26
Jer 42:14
Jer 43:7
h Jer 41:2

Uhla 2

ISAHL. 42
a Jer 40:13, 14
b Dut 28:62
c Jer 41:16

**42** Ngakho zonke izindu-
na zamabutho, uJohana-
ni[a] indodana kaKhareya, uJe-
zaniya indodana kaHoshaya
nabo bonke abantu, kusuke-
la komncane kunabo bonke
kuye komkhulu kunabo bo-
nke, basondela **2** bathi kuJe-
remiya umprofethi: "Sicela ula-
lele isicelo sethu sokuboniswa
umusa usithandazele kuJehova
uNkulunkulu wakho, uthanda-
zele bonke laba abasele,[b] ngo-
ba sesisele simbalwa njengo-
ba nawe ubona. **3** Kwangathi
uJehova uNkulunkulu wakho
angasitshela indlela okufanele
sihambe ngayo nalokho okufa-
nele sikwenze."

**4** UJeremiya umprofethi
wathi kubo: "Nginizwile, ngi-
yathandaza kuJehova uNkulu-
nkulu wenu njengoba niceli-
le; ngizonitshela wonke ama-
zwi uJehova aniphendula nga-
wo. Ngeke nginifihlele lutho."

**5** Baphendula bathi kuJe-
remiya: "Kwangathi uJehova
angaba ngufakazi weqiniso no-
thembekile futhi asijezise uma
singeke siwenze wonke ama-
zwi uJehova uNkulunkulu wa-
kho azokuthuma wona kithi.
**6** Sizolilalela izwi likaJeho-
va uNkulunkulu wethu esiku-
thuma kuye noma ngabe li-
hle noma libi, ukuze kusiha-
mbele kahle ngoba silalela
izwi likaJehova uNkulunkulu
wethu."

**7** Ngemva kwezinsuku eziyi-
shumi izwi likaJehova lafi-
ka kuJeremiya. **8** Ngakho wa-
thumela ukuba kubizwe uJoha-
nani indodana kaKhareya nazo
zonke izinduna zamabutho
empi ezazikanye naye nabo bo-
nke abantu, kusukela komnca-
ne kunabo bonke kuye kom-
khulu kunabo bonke.[c] **9** Wa-
thi kubo: "Yilokhu uJehova

uNkulunkulu ka-Israyeli akushoyo, lowo enangithuma kuye ukuba ngicele anibonise umusa: **10** ‘Uma nakanjani nizohlala kuleli zwe, ngizonakha ngeke nginidilize, ngizonitshala ngeke nginisiphule, ngoba ngizozisola* ngale nhlekelele enginibangele yona.[a] **11** Ningayesabi inkosi yaseBhabhiloni, eniyesabayo.’[b]

“‘Ningesabi ngenxa yayo,’ kusho uJehova, ‘ngoba nginani ukuze nginisindise futhi nginikhulule kuyo. **12** Ngiyonibonisa isihe,[c] nayo iyoba nesihe kini inibuyisele ezweni lenu.

**13** “‘Kodwa uma nithi, “Cha, ngeke sihlale kuleli zwe!” futhi ningalilaleli izwi likaJehova uNkulunkulu wenu, **14** nithi, “Cha, sizoya ezweni laseGibhithe,[d] lapho singeke sibone khona impi noma sizwe umsindo wophondo obiza amasosha ukuba aye empini noma siswele ukudla; yilapho esiyohlala khona,” **15** ngakho yizwani izwi likaJehova nina enisele kwaJuda. Yilokhu uJehova wamabutho, uNkulunkulu ka-Israyeli, akushoyo: “Uma nifuna ngenkani ukuya eGibhithe bese nihamba niyohlala khona,* **16** khona-ke yona kanye inkemba eniyesabayo iyonithola khona lapho ezweni laseGibhithe, nayo kanye indlala eniyesabayo iyonilandela lapho eGibhithe, niyofela khona.[e] **17** Wonke amadoda azimisele ngokuyohlala eGibhithe ayofa ngenkemba, ngendlala nangesifo esiwumshayabhuqe. Ayikho kuwo eyosinda noma eyophunyuka enhlekeleleni engiyowalethela yona.”’

**18** “Ngoba yilokhu uJehova wamabutho, uNkulunkulu ka-Israyeli, akushoyo: ‘Njengoba nje intukuthelo yami nolaka lwami kwathululelwa phezu kwezakhamuzi zaseJerusalema,[a] kanjalo ulaka lwami luyothululelwa phezu kwenu uma niya eGibhithe, niyoba yisiqalekiso, into eshaqisayo, into yokuthukwa nehlazo,[b] ngeke niphinde nibuye kule ndawo.’

**19** “UJehova ukhulume ngokumelene nani nina enisele kwaJuda. Ningayi eGibhithe. Kufanele nazi nakanjani ukuthi nginixwayisile namuhla **20** ukuthi isiphambeko senu siyonilahlekisela ngokuphila kwenu. Ngoba yini enangithuma kuJehova uNkulunkulu wenu, nathi, ‘Sithandazele kuJehova uNkulunkulu wethu, usitshele konke uJehova uNkulunkulu wethu akushoyo, sizokwenza.’[c] **21** Ngiyanitshela namuhla, kodwa ngeke nililalele izwi likaJehova uNkulunkulu wenu noma nenze noma yini angithume ukuba nginitshele yona.[d] **22** Manje kufanele nazi nakanjani ukuthi niyofa ngenkemba, ngendlala nangesifo esiwumshayabhuqe endaweni enifisa ukuya kuyo ukuze nihlale khona.”[e]

**43** Lapho uJeremiya eseqedile ukutshela bonke abantu wonke la mazwi ayevela kuJehova uNkulunkulu wabo, wonke amazwi uJehova uNkulunkulu wabo ayemthume ukuba abatshele wona, **2** u-Azariya indodana kaHoshaya, uJohanani[f] indodana kaKhareya nawo wonke amadoda agabadelayo bathi kuJeremiya: “Uqamba amanga! UJehova uNkulunkulu wethu akakuthumanga ukuba uthi, ‘Ningayi eGibhithe ukuba niyohlala khona.’

---

**42:10** *Noma, “ngizodabuka.” **42:15** *Noma, “niyohlala khona okwesikhashana.”

ISAHL. 42
a Dut 32:36; Jer 18:7, 8; Mik 7:18
b Jer 41:17, 18
c Eks 34:6
d Jer 43:4, 7
e Dut 28:45; Jer 44:12-14; Jer 44:27, 28

Uhla 2
a 2Kh 25:8-10; 2Kr 34:24, 25; 2Kr 36:16, 17; IsiL 2:4
b Jer 29:18
c Jer 42:1, 2
d 2Kr 24:19; Neh 9:26; Zak 7:11
e Jer 43:10, 11

ISAHL. 43
f Jer 41:16; Jer 42:1-3

3 Kodwa nguBharuki[a] indoda-
na kaNeriya okushoshozelayo
ukuze usinikele kumaKhaledi,
ukuze asibulale noma asidingi-
sele eBhabhiloni."[b]

4 Ngakho uJohanani indo-
dana kaKhareya nazo zonke izi-
nduna zamabutho empi nabo
bonke abantu abazange balila-
lele izwi likaJehova lokuba ba-
qhubeke behlala ezweni la-
kwaJuda. 5 Kunalokho, uJo-
hanani indodana kaKhareya
nazo zonke izinduna zamabu-
tho empi bathatha bonke aba-
ntu ababesele kwaJuda ababe-
buyile bazohlala ezweni lakwa-
Juda bevela kuzo zonke izi-
zwe ababehlakazelwe kuzo.[c]
6 Bathatha amadoda, abesifa-
zane, abantwana, amadodaka-
zi enkosi nabo bonke aba-
ntu uNebuzaradani[d] induna yo-
nogada ayebashiye noGedaliya[e]
indodana ka-Ahikamu[f] indoda-
na kaShafani,[g] bathatha no-
Jeremiya umprofethi noBharu-
ki indodana kaNeriya. 7 Baya
ezweni laseGibhithe, ngoba
abazange balilalele izwi likaJe-
hova, bahamba baze bafika
eThahipanehesi.[h]

8 Izwi likaJehova lafika ku-
Jeremiya eThahipanehesi, la-
thi: 9 "Thatha ngesandla sa-
kho amatshe amakhulu, uwafi-
hle esitubhini sezitini uwambo-
ze ngodaka phambi komnya-
ngo wesigodlo sikaFaro eTha-
hipanehesi phambi kwamado-
da angamaJuda. 10 Ngemva
kwalokho uthi kuwo, 'Yilokhu
uJehova wamabutho, uNkulu-
nkulu ka-Israyeli, akushoyo:
"Bhekani ngibiza uNebukhadi-
nezari* inkosi yaseBhabhiloni,
inceku yami,[i] ngiyobeka isihla-
lo sakhe sobukhosi phezu kwa-
la matshe engiwafihlile, uyobu-
sa phezu kwawo.[a] 11 Uyoza
alihlasele izwe laseGibhithe.[b]
Noma ngubani ofanelwe yisi-
fo esibulalayo uyobulawa yisifo
esibulalayo, noma ngubani ofa-
nelwe ngukuthunjwa uyothu-
njwa, noma ngubani ofanelwe
yinkemba uyofa ngenkemba.[c]
12 Ngiyozishisa ngomlilo izi-
ndlu* zonkulunkulu baseGibhi-
the,[d] uyozishisa, bona abathu-
mbe. Uyozisonga ngezwe lase-
Gibhithe njengoba nje umalu-
si ezisonga ngengubo yakhe,
uyophuma lapho ngokuthula.#
13 Uyoziphihliza zibe yizicucu
izinsika zaseBheti-shemeshi#
ezweni laseGibhithe, ashise izi-
ndlu* zonkulunkulu baseGibhi-
the ngomlilo."'"

44 Leli yizwi elafika kuJe-
remiya liya kuwo wonke
amaJuda ayehlala ezweni lase-
Gibhithe,[e] lawo ayehlala eMigi-
doli,[f] eThahipanehesi,[g] eNofi*[h]
nasezweni lasePhatirosi,[i] lithi:
2 "Yilokhu uJehova wamabu-
tho, uNkulunkulu ka-Israyeli,
akushoyo, 'Niyibonile yonke
inhlekelele engiyilethe eJeru-
salema[j] nakuwo wonke amado-
lobha akwaJuda, namuhla ayi-
ncithakalo akukho muntu ohla-
la kuwo.[k] 3 Kungenxa yezi-
nto ezimbi enazenza ukuze ni-
ngicasule, ngokuhamba niyo-
kwenza imihlatshelo[l] nikho-
nze abanye onkulunkulu enani-
ngabazi, nina nokhokho benu.[m]
4 Ngangilokhu ngithumela kini
zonke izinceku zami abaprofe-
thi, ngizithumela ngokuphi-
ndaphindiwe,* ngithi: "Ngice-

ISAHL. 43
a Jer 36:4; Jer 45:1
b Jer 38:4, 6
c Jer 40:11, 12
d Jer 39:10
e 2Kh 25:22
f 2Kr 34:20, 21; Jer 26:24
g 2Kh 22:8
h Jer 2:14, 16; Jer 44:1; Hez 30:4, 18
i Jer 25:9; Jer 27:6; Hez 29:19, 20

Uhla 2
a Dan 2:21; Dan 5:18
b Jer 25:17, 19; Jer 46:13; Hez 29:19; Hez 30:4, 18
c Jer 44:13; Hez 5:12
d Jer 46:25

ISAHL. 44
e Jer 43:4, 7
f Hez 29:10; Hez 30:6
g Hez 30:18
h Jer 46:14; Hez 30:16
i Hez 29:14; Hez 30:14
j 2Kh 25:9, 10; Jer 39:8
k IsiL 1:1
l Jer 11:17
m Dut 13:6-9; Dut 32:17; Jer 19:4

43:10 *NgesiHebheru, "uNebukhadirezari," enye indlela yokulibhala.

43:12, 13 *Noma, "amathempeli." 43:12 #Noma, "engenamyocu." 43:13 #Noma, "zaseNdlini (eThempelini) Yelanga," okungukuthi, eHeliyopholisi. 44:1 *Noma, "eMemfisi." 44:4 *NgesiHebheru, "ngivuka ekuseni ngizithuma."

la ningayenzi le nto enyanye-
kayo engiyizondayo."[a] **5** Ko-
dwa anizange nilalele noma ni-
nake ukuze nishiye izenzo
zenu ezimbi ngokunganikeli
imihlatshelo kwabanye onku-
lunkulu.[b] **6** Ngakho ngathulu-
la ulaka lwami nentukuthelo
yami kwawavuthela amadolo-
bha akwaJuda nemigwaqo ya-
seJerusalema, kwaba yincitha-
kalo namanxiwa, njengoba ku-
njalo namuhla.'[c]

**7** "Manje yilokhu uJeho-
va, uNkulunkulu wamabu-
tho, uNkulunkulu ka-Israyeli,
akushoyo, 'Kungani nizilethela
inhlekelele enkulu, ukuze wo-
nke umuntu wesilisa, owesifa-
zane, ingane nosana bashaba-
lale kwaJuda, kungasali mu-
ntu? **8** Kungani ningicasula
ngemisebenzi yezandla zenu
ngokunikela imihlatshelo kwa-
banye onkulunkulu ezweni la-
seGibhithe, enihambe nayohla-
la kulo? Nizoshabalala nibe yi-
siqalekiso nesihlamba phaka-
thi kwazo zonke izizwe zom-
hlaba.[d] **9** Senizikhohliwe yini
izenzo ezimbi zokhokho benu,
izenzo ezimbi zamakhosi akwa-
Juda[e] nezenzo ezimbi zomka-
wo,[f] izenzo ezimbi zenu neze-
nzo ezimbi zomkenu,[g] ezaze-
nziwa ezweni lakwaJuda nase-
migwaqweni yaseJerusalema?
**10** Kuze kube namuhla aniza-
nge nizithobe,* anizange nesa-
be,[h] anizange nihambe ngom-
thetho wami nangezimiso zami
engazibeka phambi kwenu na-
phambi kokhokho benu.'[i]

**11** "Ngakho-ke yilokhu uJe-
hova wamabutho, uNkulunku-
lu ka-Israyeli, akushoyo, 'Naka-
njani ngizonilethela inhlekelele
ukuze ngibhubhise wonke uJu-
da. **12** Ngizothatha abasele
bakwaJuda abazimisele ukuya
ezweni laseGibhithe ukuze ba-
hlale khona, bonke bazoshaba-
lala ezweni laseGibhithe.[a] Ba-
zofa ngenkemba baqothulwe
nayindlala; kusukela komnca-
ne kunabo bonke kuye kom-
khulu kunabo bonke, bazofa
ngenkemba nangendlala. Bazo-
ba yisiqalekiso, into eshaqisa-
yo, into yokuthukwa nesihla-
mba.[b] **13** Ngizobajezisa labo
abahlala ezweni laseGibhithe
njengoba nje ngajezisa iJeru-
salema ngenkemba, ngendlala
nangesifo esiwumshayabhuqe.[c]
**14** Abantu bakwaJuda abase-
le abaye kohlala ezweni la-
seGibhithe ngeke baphunyuke
noma basinde ukuze babuye-
le ezweni lakwaJuda. Bayofi-
sa ukubuyela bayohlala khona,
kodwa ngeke babuyele, nga-
phandle kwabambalwa abayo-
phunyuka.'"

**15** Wonke amadoda ayazi
ukuthi omkawo babenzela aba-
nye onkulunkulu imihlatshe-
lo, nabo bonke abafazi aba-
bemi lapho, ababeyiqembu eli-
khulu nabo bonke abantu aba-
behlala ezweni laseGibhithe,[d]
ePhatirosi,[e] bamphendula uJe-
remiya, bathi: **16** "Ngeke sili-
lalele izwi ositshele lona elivela
kuJehova. **17** Kunalokho, na-
kanjani sizokwenza konke
esikushilo, senzele iNdlovuka-
zi Yezulu* imihlatshelo siyi-
thululele neminikelo ephuzwa-
yo,[f] njengoba nje thina, okho-
kho bethu, amakhosi ethu
nezikhulu zethu sasenza
emadolobheni akwaJuda na-
semigwaqweni yaseJerusale-
ma, lapho sasanelisekile ngo-
kudla futhi siphila kahle, ku-
ngekho nhlekelele nhlobo

**44:10** * Noma, "nizizwe nichobozekile."

**44:17** * Unkulunkulukazi owayekhonzwa ama-Israyeli ayizihlubuki; kungenzeka ukuthi unkulunkulukazi wenzalo.

**ISAHL. 44**
a 2Kr 36:15, 16; Isay 65:2; Jer 7:24-26; Jer 35:15
b Jer 19:13
c Isay 6:11; Jer 39:8
d 1Kh 9:7; Jer 24:9; Jer 42:18
e 2Kh 21:19, 20; 2Kh 24:8, 9
f 1Kh 11:1-3
g Jer 44:19
h Jer 36:22-24
i Dut 6:1, 2

**Uhla 2**
a Hez 30:13
b Jer 42:17, 18
c Jer 21:9; Jer 42:22; Jer 43:11
d Jer 43:4, 7
e Jer 44:1
f Jer 7:18

esehlelayo. **18** Kusukela nge-
sikhathi esayeka ngaso ukwe-
nzela iNdlovukazi Yezulu* imi-
hlatshelo nokuyithululela imi-
nikelo ephuzwayo siye saswe-
la yonke into, sashabalala nge-
nkemba nangendlala."
**19** Abesifazane banezela ba-
thi: "Abayeni bethu basivume-
la ukuba senzele iNdlovukazi
Yezulu* imihlatshelo nokuba si-
yithululele iminikelo ephuzwa-
yo, siyenzele namakhekhe om-
hlatshelo enziwe ngomfanekiso
wayo."
**20** UJeremiya wabe esethi
kubo bonke abantu, amadoda
nomkawo nabo bonke abantu
ababekhuluma naye: **21** "Imi-
hlatshelo enayenza emadolo-
bheni akwaJuda nasemigwa-
qweni yaseJerusalema,[a] nina,
okhokho benu, amakhosi enu,
izikhulu zenu nabantu bezwe
—uJehova wayikhumbula waca-
banga ngayo!* **22** Ekugcineni,
uJehova wayengasakwazi uku-
zibekezelela izenzo zenu ezimbi
nezinto ezinyanyekayo enanize-
nza, ngenxa yalokho izwe lenu
laba yincithakalo, into eshaqisa-
yo nesiqalekiso, kwangaba na-
muntu ohlala kulo, njengoba ku-
njalo namuhla.[b] **23** Nehlelwe
yile nhlekelele ngenxa yokuthi
nenza le mihlatshelo nangenxa
yokuthi nona kuJehova, ngoku-
ngalilaleli izwi likaJehova na-
ngokungawulandeli umthetho
wakhe, izimiso zakhe nezikhu-
mbuzo zakhe, njengoba kunjalo
namuhla."[c]
**24** UJeremiya waqhubeka
wathi kubo bonke abantu na-
kubo bonke abesifazane: "Yi-
zwani izwi likaJehova, nonke
nina bantu bakwaJuda enise-
zweni laseGibhithe. **25** Yilo-
khu uJehova wamabutho,
uNkulunkulu ka-Israyeli, aku-
shoyo, 'Lokho nina nabafa-
zi benu enikukhulumile, nikwe-
nzile ngezandla zenu, ngoba ni-
the: "Nakanjani sizokwenza lo-
kho esikufungile, ukuba senze-
le iNdlovukazi Yezulu* imihla-
tshelo siyithululele neminike-
lo ephuzwayo."[a] Nina besifaza-
ne nakanjani nizozifeza izifu-
ngo zenu.'
**26** "Ngakho-ke yizwani izwi
likaJehova, nonke nina ba-
kwaJuda enihlala ezweni lase-
Gibhithe: '"Ngifunga ngegama
lami elikhulu," kusho uJeho-
va, "ukuthi akukho muntu wa-
kwaJuda oyoke aphinde afu-
nge ngegama lami[b] kulo lonke
izwe laseGibhithe, athi, 'Ngifu-
nga iNkosi EnguMbusi uJeho-
va!'[c] **27** Manje ngibaqaphile
ukuze ngibalethele inhlekelele
hhayi okuhle;[d] wonke amadoda
akwaJuda asezweni laseGibhi-
the ayoshabalala ngenkemba
nangendlala, aze aphele nya.[e]
**28** Bambalwa kuphela abayo-
phunyuka enkembeni, basuke
ezweni laseGibhithe babuyele
ezweni lakwaJuda.[f] Bonke aba-
sele bakwaJuda abeza ezweni
laseGibhithe ukuba bazohlala
khona bazokwazi ukuthi yizwi
likabani eligcwalisekile, elami
noma elabo!"'"
**29** "'Lokhu kuyisibonakali-
so kini,' kusho uJehova, 'so-
kuthi ngizonijezisa kule nda-
wo, ukuze nazi ukuthi uma
ngikhipha izwi lokuthi ngizole-
tha inhlekelele, lizogcwaliseka
ngempela. **30** Yilokhu uJeho-
va akushoyo: "Nginikela uFa-
ro Hofira, inkosi yaseGibhithe,
ezitheni zakhe nakulabo aba-
funa ukumbulala, njengoba nje
nganikela uZedekiya inkosi ya-

**44:18, 19, 25** *Unkulunkulukazi owaye-khonzwa ama-Israyeli ayizihlubuki; kungenzeka ukuthi unkulunkulukazi wenzalo. **44:21** *NgesiHebheru, "yafika enhliziyweni yakhe."

**ISAHL. 44**
*a* Jer 11:13; Hez 16:24, 25
*b* 1Kh 9:8, 9; IsiL 2:15; Hez 33:29
*c* 2Kr 36:15, 16; Dan 9:11

**Uhla 2**
*a* Jer 7:18; Jer 44:15, 17
*b* Hez 20:39
*c* Isay 48:1, 2; Jer 5:2
*d* Jer 1:10
*e* Jer 44:12
*f* Lev 26:44; Isay 27:13; Jer 44:14

kwaJuda kuNebukhadinezari*
inkosi yaseBhabhiloni, owaye-
yisitha sakhe nowayefuna uku-
mbulala.” ’ ”[a]

**45** Leli yizwi uJeremiya um-
profethi alikhuluma ku-
Bharuki[b] indodana kaNeriya la-
pho ebhala encwadini la mazwi
ayewatshelwa uJeremiya[c] ngo-
nyaka wesine kaJehoyakimi[d]
indodana kaJosiya, inkosi ya-
kwaJuda:

**2** “Yilokhu uJehova uNku-
lunkulu ka-Israyeli akushoyo
kuwe Bharuki, **3** ‘Wena uthe:
“Maye kimi, ngoba uJehova une-
zele usizi ebuhlungwini bami!
Ngikhathele ukukhala, angiku-
tholi ukuphumula.” ’

**4** “Kufanele uthi kuye, ‘Yilo-
khu uJehova akushoyo: “Bhe-
ka! Engikwakhile ngiyakubhidli-
za, engikutshalile ngiyakusiphu-
la—kulo lonke izwe.[e] **5** Kodwa
wena uzifunela* izinto ezinkulu.
Yeka ukuzifuna.” ’

“ ‘Ngoba ngizoletha inhleke-
lele kubo bonke abantu,’[f] ku-
sho uJehova, ‘nomaphi lapho
ungase uye khona ngiyolondo-
loza ukuphila kwakho.’ ”#[g]

**46** Leli yizwi likaJehova ela-
fika kuJeremiya umpro-
fethi ngokuphathelene nezi-
zwe:[h] **2** NgeGibhithe,[i] ngoku-
phathelene nebutho lempi lika-
Faro Nekho[j] inkosi yaseGibhi-
the, owayengaseMfuleni i-Ewu-
frathe, owanqotshwa uNebu-
khadinezari* inkosi yaseBha-
bhiloni eKharikemishi ngonya-
ka wesine kaJehoyakimi[k] indo-
dana kaJosiya, inkosi yakwa-
Juda:

**3** “Lungisani amahawu ama-
ncane* namahawu ama-
khulu,
Bese niya empini.
**4** Bophelani amahhashi nigi-
bele, nina bagibeli bawo.
Fakani izigqoko zokuzivike-
la nime ngomumo.
Lolani imikhonto bese ni-
gqoka amajazi ensimbi.
**5** ‘Kungani ngibabona bethu-
kile?
Bayabaleka, amaqhawe abo
anqotshiwe.
Abalekile ethukile, ama-
qhawe abo awazange
aphenduke.
Wonke umuntu wethukile,’
kusho uJehova.
**6** ‘Onejubane akakwazi uku-
baleka, namaqhawe awa-
kwazi ukuphunyuka.
Bakhubeke bawa enyaka-
tho,
Ngasosebeni loMfula i-Ewu-
frathe.’[a]
**7** Ngubani lo ogcwala njengo-
Mfula iNayile,
Njengemifula enezikhu-
khula?
**8** IGibhithe ligcwala njengo-
Mfula iNayile,[b]
Njengemifula enezikhu-
khula,
Lithi, ‘Ngizokwenyuka ngi-
mboze umhlaba.
Ngizobhubhisa idolobha na-
bahlala kulo.’
**9** Khuphukani nina mahha-
shi!
Nigijime sengathi niyahla-
nya nina zinqola!
Amaqhawe mawaphume,
UKushe noPhuthi, abapha-
tha ihawu,[c]
NamaLudi[d] aphatha futhi
agobise umnsalo.[e]

ISAHL. 44
a 2Kh 25:7; Jer 34:21; Jer 39:5

ISAHL. 45
b Jer 32:12; Jer 43:3
c Jer 36:4, 32
d Jer 25:1; Jer 36:1
e Isay 5:5; Jer 1:1, 10
f Isay 66:16; Jer 25:17, 26; Zef 3:8
g Jer 21:9; Jer 39:18; Jer 43:6

ISAHL. 46
h Jer 1:10
i Jer 25:15, 19; Hez 29:2; Hez 32:2
j 2Kr 35:20
k 2Kh 23:36; Jer 25:1; Jer 36:1

Uhla 2
a 2Kh 24:7
b Hez 29:3; Hez 32:2
c Hez 27:2, 10
d Gen 10:6, 13; Hez 30:4, 5
e Isay 66:19

---

**44:30** *NgesiHebheru, “kuNebukhadirezari,” enye indlela yokulibhala. **45:5** *Noma, “unethemba lokuthola.” #Noma, “ngiyokunika ukuphila kwakho kube yimpango.” **46:2** *NgesiHebheru, “uNebukhadirezari,” enye indlela yokulibhala.

**46:3** *Ihawu elincane elalivame ukuphathwa amasosha aphatha imicibisholo.

**10** “Lolo suku lungolweNko-
si EnguMbusi, uJehova wama-
butho, usuku lokuziphindisele-
la ezitheni zakhe. Inkemba
iyoshwabadela izanelise, izi-
suthise ngegazi labo, ngo-
ba iNkosi EnguMbusi, uJe-
hova wamabutho, inomhlatshe-
lo* ezweni lasenyakatho ngase-
Mfuleni i-Ewufrathe.[a]

**11** Hamba uye eGileyadi uyothola ibhalsamu,[b]
Ndodakazi eyintombi yaseGibhithe.
Uwandise ngeze amakhambi akho,
Ngoba alikho ikhambi lokukwelapha.[c]

**12** Izizwe zilizwile ihlazo lakho,[d]
Nokukhala kwakho kugcwale izwe.
Ngoba iqhawe likhutshwe elinye iqhawe,
Awe kanye kanye, womabili.”

**13** Leli yizwi uJehova ali-
khuluma kuJeremiya umprofe-
thi ngokuqondene nokuza ku-
kaNebukhadinezari* inkosi ya-
seBhabhiloni ezohlasela izwe
laseGibhithe:[e]

**14** “Kushoni eGibhithe, nikumemezele eMigidoli.[f]
Kumemezeleni eNofi* naseThahipanehesi.[g]
Thanini, ‘Yima ngomumo uzilungiselele,
Ngoba inkemba izodla nxazonke zakho.

**15** Kungani amaqhawe akho ekhukhuliwe?
Awakwazanga ukuma,
Ngoba uJehova uwawisile.

**16** Akhubeka ngobuningi awe.
Elinye lithi kwelinye:
“Vuka! Masibuyele kubantu bakithi nasezweni lethu
Ngenxa yenkemba enesihluku.” ’

**17** Amasosha akho amemezele lapho athi,
‘UFaro inkosi yaseGibhithe wazi ukubanga umsindo nje
Uzilahlekisele ngethuba.’*[a]

**18** ‘Ngifunga ngokuphila kwami,’ kusho iNkosi, enguJehova wamabutho igama layo,
‘Uyoqhamuka* njengeThabori[b] phakathi kwezintaba
NanjengeKarmeli[c] ngasolwandle.

**19** Bopha umthwalo wakho ulungele ukudingiswa,
Wena ndodakazi yaseGibhithe.
Ngoba iNofi* liyoba yinto eshaqisayo;
Liyoshiswa ngomlilo# kungabi namuntu ohlala kulo.[d]

**20** IGibhithe linjengesithole esihle kakhulu.
Kodwa liyohlaselwa izibawu zivela enyakatho.

**21** Ngisho namasosha alo aqashiwe phakathi kwalo anjengamathole akhuluphele,
Kodwa aphendukile abaleka wonke.
Awakwazanga ukuma,[e]
Ngoba kufike usuku lwenhlekelele yawo,
Isikhathi sawo sokujeziswa.’

ISAHL. 46
a 2Kh 24:7
b Gen 37:25; Jer 8:22
c Hez 30:21
d Hez 32:9
e Jer 43:10; Hez 29:19; Hez 30:10
f Jer 44:1; Hez 29:10; Hez 30:6
g Jer 43:4, 7; Hez 30:18

Uhla 2
a Hez 29:3
b Jos 19:17, 22; Hlu 4:6; Hu 89:12
c 1Kh 18:42
d Hez 32:15
e Jer 46:5, 15

**46:10** *Noma, “ihlabile.” **46:13** *NgesiHebheru, “kukaNebukhadirezari,” enye indlela yokulibhala. **46:14** *Noma, “eMemfisi.”

**46:17** *NgesiHebheru, “Uvumele isikhathi esimisiwe sadlula.” **46:18** *Okuwukuthi, umnqobi weGibhithe. **46:19** *Noma, “iMemfisi.” #Noma kungaba, “Liyoba amanxiwa.”

22 'Izwi lalo linjengelenyoka ehambayo,
Ngoba izitha ziyolijaha ziphethe izimbazo,
Njengabantu abagawula izihlahla.*
23 Bayoligawula ihlathi lalo,' kusho uJehova, 'nakuba kwakubonakala kungangeneki kulo
Ngoba baningi kakhulu kunezintethe, abanasibalo.
24 Indodakazi yaseGibhithe iyokwenziwa ibe namahloni.
Iyonikelwa kubantu basenyakatho.'[a]

25 "UJehova wamabutho, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: 'Ngizomjezisa u-Amoni[b] wase-No,*[c] uFaro, iGibhithe, onkulunkulu balo[d] namakhosi alo —yebo uFaro nabo bonke abathembela kuye.'[e]

26 "'Ngiyobanikela kulabo abafuna ukubabulala, kuNebukhadinezari* inkosi yaseBhabhiloni[f] nasezincekwini zakhe. Nokho kamuva iGibhithe liyohlalwa njengasendulo,' kusho uJehova.[g]

27 'Kodwa ungesabi nceku yami Jakobe,
Ungethuki Israyeli.[h]
Ngoba ngiyokusindisa ngikude
Kanye nenzalo* yakho ezweni ethunjelwe kulo.[i]
UJakobe uyobuya ahlale ngokuthula angaphazanyiswa yilutho,
Kungekho muntu omenza esabe.[j]

46:22 *Noma, "abatheza izinkuni." 46:25 *Okuwukuthi, eThebesi. 46:26 *NgesiHebheru, "kuNebukhadirezari," enye indlela yokulibhala. 46:27 *NgesiHebheru, "nembewu."

ISAHL. 46
a Hez 30:10
b Nah 3:8
c Hez 30:14
d Eks 12:12; Isay 19:1; Jer 43:12, 13
e Jer 17:5; Jer 42:14
f Jer 43:10, 11; Hez 32:11
g Hez 29:13, 14
h Isay 41:13; Isay 43:1, 2; Isay 44:2
i Isay 11:11; Jer 50:19; Hez 39:27; Amo 9:14; Zef 3:20
j Jer 23:3, 6; Jer 30:10, 11

Uhla 2
a Jer 25:9
b Jer 5:10; Amo 9:8
c Jer 10:24

ISAHL. 47
d Jer 25:17, 20; Hez 25:15, 16; Amo 1:6; Zef 2:4; Zak 9:5, 6
e Jer 25:17, 20; Amo 1:8; Zef 2:5
f Hez 26:2; Amo 1:9, 10
g Isay 23:1, 4; Jer 25:17, 22; Jer 27:2, 3; Hez 28:21; Jow 3:4

28 Ngakho ungesabi nceku yami Jakobe,' kusho uJehova, 'ngoba nginawe.
Ngiyoziqothula zonke izizwe engikuhlakazele kuzo,[a]
Kodwa wena ngeke ngikuqothule.[b]
Ngiyokujezisa* ngezinga elifanele,[c]
Kodwa ngeke neze ngingakujezisi.'"

47 Leli yizwi uJehova alitshela uJeremiya umprofethi ngokuphathelene namaFilisti,[d] ngaphambi kokuba uFaro ashaye iGaza.
2 Yilokhu uJehova akushoyo:
"Bheka! Kuza amanzi evela enyakatho.
Azoba yisikhukhula.
Azokhukhula izwe nakho konke okukulo,
Idolobha nalabo abahlala kulo.
Amadoda azokhala,
Wonke umuntu ohlala ezweni uzokhala kakhulu.
3 Lapho kuzwakala umsindo wezigi zezinselo zamahhashi akhe amaduna,
Lapho kugedlezela izinqola zakhe zempi,
Namasondo akhe ebanga umsindo,
Obaba bayabaleka
Ngoba abanaso ngisho nesibindi sokusindisa izingane zabo,
4 Ngoba usuku oluzayo luzobhubhisa wonke amaFilisti;[e]
Ngalolo suku kuyobhujiswa wonke umuntu owayesiza osele eThire[f] naseSidoni.[g]
Ngoba uJehova uyowacekela phansi amaFilisti,

46:28 *Noma, "Ngiyokuqondisa."

Asele asesiqhingini sase-
Khafitori.*[a]
5 Kuyofika usizi* eGaza.
I-Ashikeloni lithulisiwe.[b]
O nina enisele ethafeni,
Kuyoze kube nini nizisika?[c]
6 O nkemba kaJehova![d]
Kuyoze kube nini ungahlali
uthule?
Ngena esikhwameni sakho.
Phumula uthule.
7 Ingathula kanjani
Lapho uJehova eyiyalile?
Ngokumelene ne-Ashikelo-
ni nogu lolwandle,[e]
Yilapho ayabele khona."

48 Yilokhu uJehova wamabutho, uNkulunkulu kaIsrayeli, akushoyo ngoMowabi:[f]

"Maye kulo iNebo,[g] ngoba
libhujisiwe!
IKiriyathayimi[h] lihlazekile,
linqotshiwe.
Indawo elondekile* ihlaze-
kile, yenziwe incithakalo.[i]
2 Abasamdumisi uMowabi.
EHeshibhoni[j] izitha zicebe
ukumbhubhisa zithi:
'Wozani, masimbhubhise
angabe esaba yisizwe.'
"Nawe Madimeni, kufanele
uthule,
Ngoba inkemba iyakula-
ndela.
3 Kukhona umsindo woku-
khala ovela eHoronayimi,[k]
Wokubhubhisa nokuwa
okukhulu.
4 UMowabi ubhidliziwe.
Abancane bakhe baya-
khala.
5 Endleleni ekhuphukayo eya
eLuhithe balokhu bekha-
la njengoba bekhuphuka.
Endleleni eyehlela phansi
isuka eHoronayimi ku-
zwakala ukukhala kwaba-
ntu abacindezelekile nge-
nxa yenhlekelele.[a]
6 Balekani, sindisani ukuphi-
la kwenu!
Kufanele nibe njengesihla-
hla somjunipha ehlane.
7 Ngenxa yokuthi uthembela
emisebenzini yakho nase-
ngcebweni yakho,
Nawe uyothunjwa.
UKemoshi[b] uyoya ekudingi-
sweni,
Kanye nabapristi bakhe ne-
zikhulu zakhe.
8 Kuyofika isitha esibhubhi-
sayo kuwo wonke amado-
lobha,
Alikho idolobha
eliyosinda.[c]
Isigodi* siyoshabalala,
Nethafa elisentabeni# liyo-
bhuqwa njengoba nje uJe-
hova eshilo.
9 Bekelani uMowabi uphawu,
Ngoba lapho eba yincitha-
kalo uyobaleka,
Amadolobha akhe ayoba yi-
nto eshaqisayo,
Angahlali muntu.[d]
10 Uqalekisiwe umuntu owe-
nza umsebenzi kaJehova
ngokunganaki!
Uqalekisiwe ogodla inke-
mba yakhe ekuchitheni
igazi!
11 AbakwaMowabi bebelokhu
bengaphazanyiswa kusu-
kela ebusheni babo,
Njengewayini elihleli enzi-
keni yalo.
Bebengakaze bathululelwe
kwesinye isitsha besuswa
kwesinye,
Abakaze badingiswe.

ISAHL. 47
a Gen 10:13, 14; Dut 2:23
b Zef 2:4
c Dut 14:1; Jer 16:6
d Dut 32:41
e Hez 25:16

ISAHL. 48
f Gen 19:36, 37; Isay 15:1
g Num 32:37, 38
h Jos 13:15, 19; Hez 25:9
i Isay 15:2
j Num 32:37; Isay 16:8
k Isay 15:5; Jer 48:34

Uhla 2
a Isay 15:5
b Num 21:29; 1Kh 11:7
c Hez 25:9
d Zef 2:9

**47:4** *Okuwukuthi, saseKrethe. **47:5** *NgesiHebheru, "ubumpandla." Okuwukuthi, bayophuca amakhanda abo belila futhi benamahloni. **48:1** *Noma, "ephakeme elondekile."

**48:8** *Noma, "Ithafa eliphansi." #Noma, "Nethafa."

Yingakho ukunambitheka
kwabo kusalokhu kufana,
Nephunga labo lingashi-
ntshanga.

12 "'Ngakho-ke bheka! kuza
izinsuku,' kusho uJehova, 'la-
pho ngiyothumela khona aba-
ntu ukuba babaketule. Ba-
yobaketula, izitsha zabo ba-
zithulule, baphahlaze izimbi-
za zabo ezinkulu zibe yizicucu.
13 AbakwaMowabi bayoba na-
mahloni ngoKemoshi, njengoba
nje nendlu yakwa-Israyeli ina-
mahloni ngeBhethele, elaliyi-
themba layo.[a]

14 Nisithathaphi isibindi soku-
thi: "Singamaqhawe ana-
mandla, silungele impi"?'[b]
15 'UMowabi ubhujisiwe,
Amadolobha akhe ahlase-
liwe,[c]
Izinsizwa zakhe ezingcono
kakhulu zibulewe,'[d]
Kusho iNkosi, enguJehova
wamabutho igama layo.[e]
16 Inhlekelele ezokwehlela
abakwaMowabi iseduze,
Ukuwa kwabo kusondela
ngokushesha.[f]
17 Bonke ababazungezile ku-
yodingeka bazwelane
nabo,
Bonke abalaziyo igama
labo.
Batsheleni nithi: 'Yeka uku-
thi iphulwe kanjani indu-
ku enamandla, udondolo
lobuhle!'
18 Yehla enkazimulweni ya-
kho,
Uhlale phansi womile,*
wena ndodakazi yaseDi-
boni,[g]
Ngoba isitha esizobhubhisa
uMowabi sifikile sizolwa
nawe,

Sizocekela phansi zonke
izindawo zakho ezinezivi-
kelo eziqinile.[a]
19 Yima ngasemgwaqweni
ubheke, wena ohlala
e-Aroweri.[b]
Buza endodeni ebalekayo
nakowesifazane obaleka-
yo, uthi, 'Kwenzekeni?'
20 UMowabi uhlazekile, ufike-
lwe ukwesaba.
Lilani nikhale.
Memezelani e-Arinoni[c] uku-
thi uMowabi ubhujisiwe.

21 "Isahlulelo sifikile ezwe-
ni eliyithafa,*[d] ngokumelene
neHoloni, iJahazi[e] neMefaha-
ti;[f]
22 ngokumelene neDibo-
ni,[g] iNebo[h] neBheti-dibilata-
yimi;
23 ngokumelene neKiri-
yatayimi,[i] iBheti-gamuli neBhe-
ti-mehoni;[j]
24 ngokumelene
neKheriyoti[k] neBhozira; nango-
kumelene nawo wonke amado-
lobha ezwe lakwaMowabi, aku-
de naseduze.

25 'Amandla* kaMowabi anqu-
nyiwe;
Ingalo yakhe iphuliwe,' ku-
sho uJehova.
26 'Mdakiseni[l] ngoba uzipha-
kamisile ngokumelene no-
Jehova.[m]
UMowabi upaquza emhla-
nzweni wakhe,
Uyinto yokwenziwa inhle-
kisa.
27 U-Israyeli wayengeyona yini
into yokwenziwa inhleki-
sa kuwe?[n]
Wayetholakala phakathi
kwamasela yini,
Okwenza wanikina ikha-
nda, wakhuluma ngaye?
28 Shiyani amadolobha nihlale
edwaleni, nina enihlala
kwaMowabi,

**ISAHL. 48**
*a* 1Kh 12:28, 29 Hos 10:15 Amo 5:5
*b* Isay 16:6
*c* Jer 48:8
*d* Isay 34:2
*e* Hu 24:8
*f* Hez 25:11
*g* Num 21:30 Jos 13:15, 17 Isay 15:2

**Uhla 2**
*a* Jer 48:8
*b* Num 32:34 Dut 2:36
*c* Num 21:13 Jos 13:8, 9
*d* Zef 2:9
*e* Num 21:23 Isay 15:4
*f* Jos 13:15, 18
*g* Num 32:34
*h* Num 32:3, 4
*i* Num 32:37 Jer 48:1
*j* Num 32:37, 38 Jos 13:15, 17 Hez 25:9
*k* Amo 2:2
*l* Jer 25:15, 16
*m* Jer 48:42
*n* IsiL 2:15 Zef 2:8

**48:18** *Noma kungaba, "emhlabathini owomile."

**48:21** *Noma, "ethafeni elisentabeni."
**48:25** *NgesiHebheru, "Uphondo."

Nibe njengejuba elakha isidleke salo ezinhlangothini zomhosha.'"
29 "Sizwile ngokuziqhenya kukaMowabi—akeve eziphakamisa—
Sizwile ngokuzikhukhumeza kwakhe, ngokuziqhenya kwakhe, ngokuziphakamisa kwakhe nangokuqhosha kwenhliziyo yakhe."[a]
30 "'Ngiyalwazi ulaka lwakhe,' kusho uJehova,
'Kodwa inkulumo yakhe engathi shu ngeke ifeze lutho.
Ngeke benze lutho.
31 Yingakho ngizomlilela uMowabi,
Ngizomkhalela wonke uMowabi
Ngiwalilele amadoda ase-Khiri-heresi.[b]
32 Ngizokukhalela ukudlula iJazeri,[c]
Nsimu yamagilebhisi yase-Sibhima.[d]
Amahlumela akho akhulayo awele ulwandle.
Afinyelele olwandle, eJazeri.
Umbhubhisi wehlele
Ezithelweni zakho zasehlobo nasesivunweni sakho samagilebhisi.[e]
33 Intokozo nenjabulo kususiwe ensimini yezithelo
Nasezweni lakwaMowabi.[f]
Ngibangele ukuba iwayini lingabe lisaphuma ezikhamweni zalo.
Akekho oyobe enyathela ememeza ngenjabulo.
Kuyomenyezwa ngendlela ehlukile.'"[g]
34 "'Kunesililo esisuka eHeshibhoni[h] size siyofika e-Eliyale.[i]
Bamemeza kuze kuzwakale eJahazi,[a]
Isililo saseZowari size sizwakale eHoronayimi,[b] nase-Egilathi-shelishiya.
Ngisho namanzi aseNimrimi ayosha.[c]
35 Ngiyobangela ukuba kuphele kwaMowabi,' kusho uJehova,
'Umuntu oletha umnikelo endaweni ephakeme
Nalowo owenzela unkulunkulu wakhe umhlatshelo.
36 Yingakho inhliziyo yami iyomkhalela* uMowabi njengomtshingo,[#d]
Inhliziyo yami iyowakhalela amadoda[△] aseKhiri-heresi njengomtshingo.[#]
Ngakho ingcebo ayizuzile iyoshabalala.
37 Ngoba wonke amakhanda aphuciwe,[e]
Nazo zonke izintshebe zigundiwe.
Zonke izandla zisikekile,[f]
Babhince indwangu yesaka ezinkalweni zabo!'"[g]
38 "'Phezu kwazo zonke izindlu zakwaMowabi
Nakuzo zonke izigcawu zakhe,
Kukhona ukukhala nje kuphela.
Ngoba ngimphahlazile uMowabi
Njengesitsha esilahliwe,' kusho uJehova.
39 'Yeka ukuthi wesaba kanjani! Khalani kakhulu!
Yeka indlela uMowabi abaleke ngayo enamahloni!
UMowabi useyinhlekisa,

ISAHL. 48
a Isay 16:6; Isay 25:10, 11; Zef 2:9, 10
b 2Kh 3:24, 25; Isay 16:7
c Num 21:32; Num 32:34, 35; Jos 21:8, 39
d Num 32:37, 38; Jos 13:15, 19
e Isay 16:8, 9; Jer 48:8
f Jer 25:10
g Isay 16:10
h Num 21:25; Jos 13:15, 17
i Num 32:37; Isay 16:9

Uhla 2
a Num 21:23
b Jer 48:2, 3
c Isay 15:4-6
d Isay 16:11
e Jer 16:6
f Lev 19:28
g Gen 37:34; Isay 15:2, 3

**48:36** *Noma, "iyohlokoma." #Okuwukuthi, umtshingo odlalwa lapho kulilwa emngcwabeni. △Noma, "iyohlokoma ngamadoda."

Uyinto esabisayo kubo bo-
nke abamzungezile.'"
40 "Ngoba yilokhu uJehova
akushoyo:
'Bheka! Njengokhozi olu-
tshuza lwehlele phansi,[a]
Uyokwelula amaphiko akhe
phezu kukaMowabi.[b]
41 Amadolobhana ayonqo-
tshwa,
Nezindawo zakhe eziqinile
ziyothathwa.
Ngalolo suku izinhliziyo za-
maqhawe akwaMowabi
Ziyoba njengenhliziyo yo-
wesifazane obelethayo.'"
42 "'UMowabi uyobhuqwa
angabe esaba yisizwe,[c]
Ngoba uziphakamisile pha-
mbi kukaJehova.[d]
43 Ukwesaba nomgodi nesicu-
pho kuphambi kwakho,
Wena ohlala kwaMowabi,'
kusho uJehova.
44 'Noma ubani obaleka nge-
nxa yokwesaba uyowela
emgodini,
Nanoma ubani ophuma
emgodini uyobanjwa isi-
cupho.'
'Ngoba ngiyoletha unyaka
abayojeza ngawo abakwa-
Mowabi,' kusho uJehova.
45 'Ababalekayo bame emthu-
nzini waseHeshibhoni be-
ngenamandla.
Kuyophuma umlilo eHeshi-
bhoni
Nelangabi eSihoni.[e]
Liyoshisa iziphongo zaba-
kwaMowabi
Nokhakhayi lwamaqhawe
anodlame.'[f]
46 'Maye kuwe, Mowabi!
Abantu bakankulunkulu
uKemoshi[g] bashabalele.
Ngoba amadodana akho
athunjiwe,
Namadodakazi akho adingi-
siwe.[h]
47 Kodwa engxenyeni yokugci-
na yezinsuku ngiyoziqoqa
izithunjwa zakwaMowabi,'
kusho uJehova.
'Umyalezo wokwahlulelwa
kukaMowabi uphelela la-
pha.'"[a]

49 Yilokhu uJehova akusho-
yo kuma-Amoni:[b]
"U-Israyeli akanawo yini
amadodana?
Akanayo yini indlalifa?
Kungani uMalkamu[c] etha-
the indawo kaGadi?[d]
Kungani abantu bakhe be-
hlala emadolobheni ka-
Israyeli?"
2 "'Ngakho-ke bheka! kuza
izinsuku,' kusho uJehova,
'Lapho ngiyobangela ukuba
kuzwakale inhlabamkhosi
yempi* ngokumelene ne-
Raba[e] lakwa-Amoni.[f]
Liyoba yindunduma yama-
nxiwa,
Namadolobhana angapha-
nsi kwalo# ayoshiswa ngo-
mlilo.'
'U-Israyeli uyodla indawo
yalabo abadle indawo ya-
khe,'[g] kusho uJehova.
3 'Khala kakhulu Heshibhoni,
ngoba i-Ayi liqothuliwe!
Khamulukani, madolobha-
na angaphansi kweRaba.
Gqokani indwangu yesaka.
Khalani kakhulu, nizulazu-
le phakathi kwezibaya za-
matshe,*
Ngoba uMalkamu uzodingi-
swa,
Yena nabapristi bakhe nezi-
khulu zakhe.[h]
4 Uzigabiselani ngamathafa,*

49:2 *Noma kungaba, "umsindo we-
mpi." #Noma, "alizungezile." 49:3
*Noma, "zezimvu." 49:4 *Noma, "nge-
zigodi."

ISAHL. 48
a IsiL 4:19; Hab 1:8
b Jer 49:22
c Jer 30:11
d Jer 48:29
e Num 21:26, 28
f Num 24:17; Amo 2:2
g Num 21:29; 1Kh 11:7
h Jer 48:7

Uhla 2
a Hez 25:11

ISAHL. 49
b Gen 19:36, 38; Dut 2:19; 2Kr 20:1
c 1Kh 11:5; Zef 1:4, 5
d Amo 1:13
e Dut 3:11; Jos 13:24, 25; Hez 25:5; Amo 1:14
f Hez 21:19, 20
g Isay 14:2; Jer 50:19; Zef 2:9
h Amo 1:13, 15

Ngamathafa ageleza amanzi, ndodakazi engathembekile,
Ethembela engcebweni yayo,
Ethi: "Ngubani ozoza azomelana nami?" ' "
5 " 'Bheka ngikulethela into esabisayo,' kusho iNkosi EnguMbusi, uJehova wamabutho,
'Evela kubo bonke abakuzungezile.
Niyohlakazeka niye kuyo yonke indawo,
Akekho oyoqoqa ababalekayo.' "
6 " 'Kodwa kamuva ngiyobaqoqa abathunjiwe bakwaAmoni,' kusho uJehova."

7 Yilokhu uJehova wamabutho akushoyo ngo-Edomi:
"Akusekho yini ukuhlakanipha eThemani?[a]
Ingabe iseluleko esihle sishabalele kwabanokuqonda?
Ingabe ukuhlakanipha kwabo akusasizi ngalutho?
8 Phendukani nibaleke!
Yehlani niyocasha ezindaweni eziphansi, nina enihlala eDedani![b]
Ngoba ngizolethela u-Esawu inhlekelele
Lapho kufika isikhathi sokuba ngimjezise.
9 Ukube bekufike abavuni bamagilebhisi kuwe,
Bebengeke yini bashiye amanye ukuze kukhothozwe?
Ukube kufike amasela ebusuku,
Abeyokweba lokho akufunayo kuphela.[c]
10 Kodwa mina ngiyomhlubula u-Esawu.
Ngiyoziveza obala izindawo zakhe zokucasha,
Ukuze angakwazi ukucasha.
Izingane zakhe nabafowabo nomakhelwane bakhe bayoqothulwa bonke,[a]
Ngeke esaba khona.[b]
11 Shiya izintandane zakho,
Mina ngizozilonda,
Nabafelokazi bakho bayothembela kimi."

12 Ngoba yilokhu uJehova akushoyo: "Bheka! Uma labo abangagwetshwanga ukuba baphuze indebe yolaka kumele bayiphuze, wena-ke ingabe kufanele uyekwe ungajeziswa nhlobo? Ngeke uyekwe ungajeziswa, ngoba kumele uyiphuze."[c]

13 "Ngoba ngizifunge mina," kusho uJehova, "ukuthi iBhozira lizoba yinto eshaqisayo,[d] isihlamba, incithakalo nesiqalekiso; wonke amadolobha alo ayoba amanxiwa unomphela."[e]
14 Ngizwe umbiko ovela kuJehova,
Kuthunyelwe isithunywa phakathi kwezizwe, sithi:
"Qoqanani ndawonye, nihambe niyolihlasela;
Lungelani impi."[f]
15 "Ngoba ngikwenze waba mncane phakathi kwezizwe,
Wadeleleka kubantu.[g]
16 Ukubangela kwakho abantu ukuba besabe kukukhohlisile,
Ukugabadela kwenhliziyo yakho,
Wena ohlala endaweni yokucasha esedwaleni,
Ohlala egqumeni eliphakeme kunawo wonke.
Nakuba wakha isidleke sakho phezulu njengokhozi,
Ngizokwehlisa lapho," kusho uJehova.

ISAHL. 49
a Gen 36:10, 11; Hez 25:13; Amo 1:12; Obad 8
b Isay 21:13; Jer 25:17, 23
c Obad 5

Uhla 2
a Obad 6, 9
b Mal 1:3, 4
c Jer 25:27, 28; IsiL 4:21; Obad 16
d Isay 34:6; Isay 63:1; Jer 49:22; Amo 1:12
e Obad 18; Mal 1:3
f Obad 1
g Obad 2-4

**17** "U-Edomi uyoba yinto
eshaqisayo.[a] Wonke umuntu
odlula ngakuye uyomgqolo-
zela emangele, ashaye ikhwe-
la ngenxa yazo zonke izinhlu-
pho zakhe. **18** Njengoba nje
kwagumbuqelwa iSodoma ne-
Gomora namadolobhana akhe-
lene nawo,"[b] kusho uJehova,
"akukho muntu oyohlala kho-
na, akukho muntu oyokwakha
khona.[c]

**19** "Bheka! Othile uyokhu-
phuka njengebhubesi[d] liphu-
ma ehlathini eligudle iJordani,
ahlasele amadlelo akwa-Edomi,
kodwa ngomzuzwana ngiyome-
nza abaleke asuke kuwo. Ngi-
yomisa okhethiwe phezu kwa-
wo. Ngoba ngubani onjengami,
ngubani ongangibekela insele-
le? Yimuphi umalusi ongama
phambi kwami?[e] **20** Ngakho-
ke yizwani madoda, isinqumo*
uJehova asenzile ngokumelene
no-Edomi, nalokho akucabangi-
le ngokumelene nezakhamuzi
zaseThemani:[f]

Nakanjani amawundlu om-
hlambi ayohudulwa.
Uyokwenza indawo yawo
yokuhlala ibe yincithaka-
lo ngenxa yabo.[g]

**21** Lapho kuzwakala umsindo
wokuwa kwabo, kuzamazame umhlaba.
Kukhona isililo!
Umsindo waso uzwakele
ngisho nasoLwandle Olubomvu.[h]

**22** Bheka! Uyokwenyuka futhi
ehlele phansi njengokhozi,[i]
Uyokwelula amaphiko akhe
phezu kweBhozira.[j]
Ngalolo suku inhliziyo yamaqhawe akwa-Edomi
Iyoba njengenhliziyo yowesifazane obelethayo."

**49:20** *Noma, "iseluleko."

ISAHL. 49
a Jer 49:13
b Gen 19:24, 25
c Isay 34:6, 10
d Jer 4:7
e Hu 76:7; Jer 50:44-46; Nah 1:6
f Obad 9
g Mal 1:4
h 1Kh 9:26
i Jer 4:13
j Jer 48:40; Jer 49:13

Uhla 2
a Isay 17:1; Amo 1:3
b Num 13:21; 2Kh 17:24; Zak 9:1, 2
c Amo 1:4
d Gen 25:13; Isay 42:11; Isay 60:7; Hez 27:21

**23** Umyalezo oya eDamaseku:[a]
"IHamati[b] ne-Aripadi lithelwe ngehlazo,
Ngoba lizwe umbiko omubi.
Lifikelwe ukwesaba.
Abantu banjengolwandle
olungakwazi ukuzola.

**24** IDamaseku liphelelwe yisibindi.
Liphendukile ukuba libaleke, kodwa labanjwa yitwetwe.
Ukucindezeleka nobuhlungu kulibambile,
Njengowesifazane obelethayo.

**25** Kwenzeke kanjani ukuba
idolobha lodumo lingashiywa,
Idolobha lokwethaba?

**26** Ngoba izinsizwa zalo ziyofela ezigcawini zalo,
Nawo wonke amasosha
ayoshabalala ngalolo
suku," kusho uJehova wamabutho.

**27** "Ngiyolishisa ngomlilo udonga lwaseDamaseku,
Uyoshisa imibhoshongo
eqinile kaBheni-hadadi."[c]

**28** NgeKhedari[d] nemibuso
yaseHazori, uNebukhadinezari*
inkosi yaseBhabhiloni ayinqo-
ba, yilokhu uJehova akushoyo:

"Sukani niye eKhedari,
Niqothule amadodana aseMpumalanga.

**29** Amatende awo nemihlambi
yawo yezimvu kuyothathwa,
Izindwangu zawo zamatende nayo yonke impahla yawo.
Amakamela awo ayothathwa kuhanjwe nawo.
Abantu bayomemeza bathi

**49:28** *NgesiHebheru, "uNebukhadirezari," enye indlela yokulibhala.

kuwo, 'Ukwethuka kunxazonke!'"
30 "Balekani, balekelani kude!
Hambani niyocasha ezindaweni eziphansi, nina enihlala eHazori," kusho uJehova.
"Ngoba uNebukhadinezari* inkosi yaseBhabhiloni wakhe icebo lokunihlasela,
Ucabange isu lokunihlasela."
31 "Sukumani nihambe niyolwa nesizwe esinokuthula,
Esihlezi ngokulondeka!" kusho uJehova.
"Asinazicabha namigoqo;* sihlala sodwa.
32 Amakamela aso ayophangwa,
Nemfuyo yaso eningi iyophangwa.
Ngiyosihlakazela kuyo yonke indawo,*
Labo abagunde amahwanqa abo,[a]
Ngiyobalethela inhlekelele ivela kuyo yonke indawo," kusho uJehova.
33 "IHazori liyoba yindawo yokuhlala izimpungushe,
Ihlane eliyincithakalo unomphela.
Akukho muntu oyohlala khona,
Akukho muntu oyokwakha kulo."

34 Kwafika izwi likaJehova
kuJeremiya umprofethi ngokuphathelene ne-Elamu[b] ekuqaleni kokubusa kukaZedekiya[c] inkosi yakwaJuda, lathi:
35 "Yilokhu uJehova wamabutho akushoyo, 'Ngiphula umnsalo wase-Elamu,[a] umthombo* wamandla abo.
36 Ngiyoletha phezu kwe-Elamu imimoya emine evela emagumbini amane omhlaba, ngiyobahlakazela kuwo wonke la magumbi. Ngeke kube nasizwe abahlakazekile base-Elamu abangeke baye kuso.'"
37 "Ngiyowenza esabe ama-
Elamu phambi kwezitha zawo naphambi kwalabo abafuna ukuwabulala; ngiyowalethela inhlekelele, intukuthelo yami evuthayo," kusho uJehova. "Ngiyothumela inkemba ngemva kwawo kuze kube yilapho sengiwaqothulile."
38 "Ngiyobeka isihlalo sami
sobukhosi e-Elamu,[b] ngiyobhubhisa inkosi nezikhulu zakhona," kusho uJehova.
39 "Kodwa engxenyeni yo-
kugcina yezinsuku ngiyoziqoqa izithunjwa zase-Elamu," kusho uJehova.

50 Leli yizwi uJehova alikhuluma ngokuphathelene neBhabhiloni,[c] ngokuphathelene nezwe lamaKhaledi, ngoJeremiya umprofethi:
2 "Kushoni phakathi kwezizwe nikumemezele.
Misani isigxobo njengophawu nikumemezele.
Ningafihli lutho!
Thanini, 'IBhabhiloni linqotshiwe.[d]
UBheli uhlazekile.[e]
UMerodaki wesabe kakhulu.
Imifanekiso yalo ihlazekile.
Izithixo zalo ezinyanyekayo* zesabe kakhulu.'

ISAHL. 49
a Jer 9:25, 26; Jer 25:17, 23
b Gen 10:22; Isay 21:2; Jer 25:17, 25; Hez 32:24; Dan 8:2; IzE 2:8, 9
c 2Kh 24:18

Uhla 2
a Isay 22:6
b Jer 25:17, 25

ISAHL. 50
c Isay 13:1
d Jer 51:8; IsA 14:8
e Isay 46:1; Jer 51:44

49:30 *NgesiHebheru, "uNebukhadirezari," enye indlela yokulibhala. 49:31 *Izingodo noma izinsimbi zokuvala esangweni. 49:32 *NgesiHebheru, "imimoya."

49:35 *NgesiHebheru, "ukuqala." 50:2 *Lena yinkulumo yesiHebheru okungenzeka ihlobene negama elisho "ubulongwe," isetshenziswa njengenkulumo yokwedelela.

3 Ngoba isizwe size ukuzomelana nalo sivela enyakatho.[a]
Senza izwe lalo libe yinto eshaqisayo;
Akuhlali muntu kulo.
Umuntu nesilwane kubalekile;
Kuhambile."

4 "Ngalezo zinsuku nanga-
leso sikhathi," kusho uJeho-
va, "abantu bakwa-Israyeli na-
bantu bakwaJuda bayoqoqana
ndawonye.[b] Bayohamba bekha-
la,[c] ndawonye bayofuna uJeho-
va uNkulunkulu wabo.[d] 5 Ba-
yobuza indlela eya eZiyoni,
ubuso babo bubheke ngakho-
na,[e] bethi, 'Wozani sizihla-
nganise noJehova esivumelwa-
neni esimi kuze kube phakade
esingeke silitshalwe.'[f] 6 Aba-
ntu bami babe ngumhlambi
wezimvu ezilahlekile.[g] Abelu-
si babo bababangele ukuba ba-
hlakazeke.[h] Babaholele ezinta-
beni, babenza bazulazula ezi-
ntabeni. Bayikhohliwe indawo
yabo yokuphumula. 7 Bonke
ababatholayo babashwabadeli-
le,[i] nezitha zabo zithe, 'Asina-
cala, ngoba bonile kuJehova,
bone indawo yokuhlala yokulu-
nga nethemba lokhokho babo,
uJehova.'"

8 "Balekani niphume phakathi kweBhabhiloni,
Phumani ezweni lamaKhaledi,[j]
Nibe njengezilwane eziholayo phambi komhlambi.
9 Ngoba bheka ngivusa futhi ngiletha ngokumelene neBhabhiloni
Isixuku sezizwe ezinkulu ezivela ezweni lasenyakatho.[k]
Sizoza sizolwa nalo;
Liyonqotshwa lapho.
Imicibisholo yaso injengeyamaqhawe
Yenza ukuba abazali balahlekelwe izingane zabo;[a]
Ayibuyi ingafezanga lutho.
10 IKhalideya liyophangwa.[b]
Bonke abaliphangayo bayokwaneliseka ngokugcwele,"[c] kusho uJehova.
11 "Ngoba nanilokhu nijabula,[d] nilokhu nihalalisa
Lapho niphanga ifa lami.[e]
Ngoba nanilokhu nitshakadula njengesithole otshanini,
Niyiyiza njengezinkunzi zamahhashi.
12 Unyoko ube namahloni.[f]
Yena owanizala udumazekile.
Bheka! Uyisizwe esincane ezizweni,
Ihlane elingenamanzi nogwadule.[g]
13 Ngenxa yentukuthelo kaJehova ngeke kuhlale muntu kulo;[h]
Liyoba yincithakalo ngokuphelele.[i]
Noma ubani odlula ngaseBhabhiloni, uyoligqolozela eshaqekile
Ashaye ikhwela ngenxa yazo zonke izinhlupho zalo.[j]
14 Lihlaseleni iBhabhiloni niqhamuke nhlangothi zonke,
Nonke nina enigoba* umnsalo.
Licibisheleni, ningashiyi mcibisholo,[k]
Ngoba lone kuJehova.[l]
15 Memezani njengoba kumenyezwa empini ngokumelene nalo nhlangothi zonke.

ISAHL. 50
a Isay 13:17 Jer 51:11, 48
b Isay 11:12 Jer 3:18 Hos 1:11
c Jer 31:8, 9
d Hos 3:5
e Isay 35:10
f Jer 31:31
g Isay 53:6
h Jer 10:21 Jer 23:2 Hez 34:2, 6
i Hu 79:6, 7
j Isay 48:20 Jer 51:6, 45 Zak 2:7 2Ko 6:17 IsA 18:2, 4
k Isay 21:2 Jer 51:11, 27, 28, 48 Dan 5:28, 30

Uhla 2
a Isay 13:17, 18
b Jer 25:12 Jer 27:6, 7
c IsA 17:16
d IsiL 1:21
e Isay 14:4-6 Isay 47:6 Jer 30:16
f Isay 47:8
g Isay 13:20, 21
h Zak 1:15
i Jer 25:12
j Jer 51:37
k Isay 13:18 Jer 51:11
l Jer 51:35, 36

50:14 *NgesiHebheru, "eninyathela."

Lizinikele.*
Izinsika zalo ziwile, izindonga zalo zidiliziwe,[a]
Ngoba yimpindiselo kaJehova.[b]
Ziphindiseleleni kulo.
Yenzani kulo njengoba nje nalo lenzile.[c]
16 Bulalani ohlwanyela imbewu eBhabhiloni,
Nophatha isikela ngesikhathi sokuvuna.[d]
Ngenxa yenkemba enonya, yilowo nalowo uyobuyela kubantu bakubo,
Yilowo nalowo uyobalekela ezweni lakubo.[e]

17 "Abantu bakwa-Israye-
li bayizimvu ezihlakazeki-
le.[f] Amabhubesi abahlakazi-
le.[g] Okokuqala inkosi yase-
Asiriya ibashwabadelile;[h] nge-
mva kwalokho uNebukhadi-
nezari* inkosi yaseBhabhilo-
ni ququde amathambo abo.[i]
18 Ngakho-ke yilokhu uJeho-
va wamabutho, uNkulunkulu
ka-Israyeli, akushoyo: 'Ngizo-
yijezisa inkosi yaseBhabhilo-
ni nezwe layo ngendlela enga-
jezisa ngayo inkosi yase-Asiri-
ya.[j] 19 Ngiyombuyisela edle-
lweni lakhe u-Israyeli,[k] uyo-
klaba eKarmeli naseBhashani,[l]
uyokwaneliseka ezintabeni za-
kwa-Efrayimi[m] nezaseGileya-
di.' "[n]

20 "Ngalezo zinsuku nangaleso sikhathi," kusho uJehova,
"Icala lika-Israyeli liyofunwa,
Kodwa ngeke litholakale,
Nezono zikaJuda ngeke zitholakale,
Ngoba ngiyobathethelela labo engibavumela ukuba basale."[a]
21 "Khuphuka umelane nezwe laseMeratayimi kanye nezakhamuzi zasePhekodi.[b]
Mababulawe bonke babhujiswe ngokuphelele," kusho uJehova.
"Yenza konke engikuyale ngakho.
22 Kuzwakala umsindo wempi ezweni,
Inhlekelele enkulu.
23 Yeka indlela isando esiphihliza izizwe zomhlaba wonke esiye sanqunywa ngayo nesiphuke ngayo![c]
Maye indlela iBhabhiloni elibe yinto eshaqisa ngayo phakathi kwezizwe![d]
24 O Bhabhiloni, ngikubekele ugibe* wabanjwa,
Wena ubungazi.
Utholakele wabanjwa,[e]
Ngoba waphikisa uJehova.
25 UJehova uvule inqolobane yakhe,
Ukhipha izikhali zentukuthelo yakhe.[f]
Ngoba iNkosi EnguMbusi, uJehova wamabutho, inomsebenzi ezowenza
Ezweni lamaKhaledi.
26 Lihlaseleni nivela kude.[g]
Vulani izinqolobane zalo.[h]
Linqwabelaniseni njengenqwaba yokudla okusanhlamvu.
Libhubhiseni ngokuphelele.[i]
Makungasali muntu kulo.
27 Bulalani zonke izinkunzi zalo;[j]
Mazihlatshwe.
Maye kuzo, ngoba usuku lwazo lufikile,

ISAHL. 50
a Jer 51:58
b Jer 51:6, 11
c Hu 137:8; IsA 18:6
d Jer 51:23
e Isay 13:14; Jer 51:9
f Jer 23:1; Jer 50:6; Hez 34:5
g Jer 2:15
h 2Kh 17:6; Isay 8:7
i 2Kh 25:1; 2Kr 36:17; Jer 4:7
j 2Kh 19:35; Isay 14:25; Zef 2:13
k Isay 11:16; Isay 65:10; Jer 23:3; Jer 33:7; Hez 34:14; Mik 2:12
l Mik 7:14
m Jer 31:6
n Obad 19

Uhla 2
a Isay 44:22; Jer 31:34; Mik 7:19
b Hez 23:22, 23
c Isay 14:5, 6; Jer 51:20
d Jer 51:41; IsA 18:15, 16
e Jer 51:31; Dan 5:30; IsA 18:8
f Isay 13:5; Jer 51:11
g Jer 51:27
h Jer 50:10
i Isay 14:22, 23
j Isay 34:6, 7; Hez 39:18

**50:15** *NgesiHebheru, "Lilethe isandla salo." **50:17** *NgesiHebheru, "uNebukhadirezari," enye indlela yokulibhala.

**50:24** *Noma, "isicupho."

Isikhathi sokujeziswa
kwazo!
28 Kuzwakala umsindo wababalekayo,
Labo abaphunyuka ezweni
laseBhabhiloni,
Ukuze bamemezele eZiyoni
impindiselo kaJehova
uNkulunkulu wethu,
Impindiselo ngenxa yethempeli lakhe.[a]
29 Bizani abacibisheli bahlasele iBhabhiloni,
Bonke abagoba* umnsalo.[b]
Kanisani nxazonke zalo; ningavumeli muntu aphunyuke.
Libuyiseleni ngokwezenzo
zalo.[c]
Yenzani kulo njengoba nje
lenzile.[d]
Ngoba lizikhukhumezile
phambi kukaJehova,
Phambi koNgcwele ka-Israyeli.[e]
30 Ngakho izinsizwa zalo ziyofela ezigcawini zalo,[f]
Nawo wonke amasosha
alo ayoshabalala* ngalolo
suku," kusho uJehova.
31 "Bheka!
Ngizokujezisa,[g] wena ozikhukhumezayo,"[h] kusho
iNkosi EnguMbusi, uJehova wamabutho,
"Ngoba usuku lwakho luzofika, isikhathi engizokujezisa ngaso.
32 Wena ozikhukhumezayo
uyokhubeka uwe,
Akukho muntu ozokuvusa.[i]
Amadolobha akho ngizowashisa ngomlilo,
Umlilo uzoshisa yonke into
ekuzungezile."
33 Yilokhu uJehova wamabutho akushoyo:

"Abantu bakwa-Israyeli nabakwaJuda bacindezelwe,
Bonke labo ababathumbile
bababambile.[a]
Benqabile ukubadedela.[b]
34 Kodwa uMhlengi wabo unamandla.[c]
NguJehova wamabutho igama lakhe.[d]
Uyolisingatha icala labo
lomthetho,[e]
Ukuze enze izwe libe nokuthula[f]
Nokuba aphithizelise
izakhamuzi zaseBhabhiloni."[g]
35 "Inkemba izowaqothula
amaKhaledi," kusho uJehova,
"Izoqothula izakhamuzi zaseBhabhiloni nezikhulu
zakhona nabahlakaniphile bakhona.[h]
36 Inkemba izoqothula abaprofethi bamanga,* ngeke
bazi ukuthi benzeni.
Inkemba izoqothula amaqhawe alo, ayokwesaba
kakhulu.[i]
37 Inkemba izoqothula amahhashi alo nezinqola zalo
zempi,
Iqothule nazo zonke izinhlanga zabantu ezihlala
khona,
Ziyoba njengabesifazane.[j]
Inkemba izoqothula ingcebo yalo, liyophangwa.[k]
38 Kukhona umonakalo ozokwehlela amanzi alo, azokoma.[l]
Ngoba liyizwe lezithombe
ezibaziwe,[m]
Ngenxa yemibono yabo
ethusayo baqhubeka bezi-phathisa okwabantu abasangene.

50:29 *NgesiHebheru, "abanyathela."
50:30 *NgesiHebheru, "ayothuliswa."

50:36 *Noma, "abantu abakhuluma into engekho."

ISAHL. 50
a Hu 94:1; Jer 51:11
b Jer 50:14
c Hu 137:8; Jer 51:56
d IsiL 3:64; IsA 18:6
e Isay 14:13
f Isay 13:17, 18
g Jer 51:25
h Isay 14:13; Dan 4:30
i Jer 51:26

Uhla 2
a Isay 47:6
b Isay 14:17
c Isay 41:14; IsA 18:8
d Isay 47:4
e IsiL 3:59
f Isay 14:3, 4
g Jer 51:24
h Isay 47:13; Jer 51:57; Dan 5:7
i Jer 51:30
j Isay 13:8
k Isay 45:3
l Isay 44:27; Jer 51:36, 37; IsA 16:12
m Isay 46:1; Jer 51:44, 52; Dan 5:1, 4

**39** Ngakho-ke, izilwane zasogwadule ziyohlala kanye nezilwane ezihewulayo,
Izintshe ziyohlala kulo.[a]
Akukho muntu oyophinde ahlale kulo,
Ngeke kuhlale muntu kuzo zonke izizukulwane."[b]

**40** "Njengoba nje uNkulunkulu agumbuqela iSodoma neGomora[c] namadolobhana akhelene nawo,"[d] kusho uJehova, "akukho muntu oyohlala khona, akukho muntu oyokwakha khona.[e]

**41** Bheka! Kuza isizwe sivela enyakatho;
Isizwe esikhulu namakhosi amakhulu[f] ayovuswa
Evela ezindaweni ezikude kakhulu zomhlaba.[g]

**42** Sihlome ngomnsalo nomkhonto.[h]
Sinesihluku futhi ngeke sibonise isihe.[i]
Umsindo waso unjengomsindo wolwandle oluhlokomayo,[j]
Njengoba sigibele amahhashi.
Size ukuzokuhlasela sibumbene, ndodakazi yaseBhabhiloni.[k]

**43** Inkosi yaseBhabhiloni iwuzwile umbiko ngaso,[l]
Iphele amandla.[m]
Usizi luyibambile,
Izinhlungu ezinjengezowesifazane obelethayo.

**44** "Bheka! Othile uyokhuphuka njengebhubesi liphuma ehlathini eligudle iJordani, ahlasele amadlelo aseBhabhiloni, kodwa ngomzuzwana ngiyobenza* babaleke basuke kulo. Ngiyomisa okhethiwe phezu kwalo.[n] Ngoba ngubani onjengami, ngubani ongangibekela inselele? Yimuphi umalusi ongama phambi kwami?[a]
**45** Ngakho-ke yizwani madoda, isinqumo* uJehova asenzile ngokumelene neBhabhiloni,[b] nalokho akucabangile ngokumelene nezwe lamaKhaledi.

Nakanjani amawundlu omhlambi ayohudulwa.
Uyokwenza indawo yawo yokuhlala ibe yincithakalo ngenxa yabo.[c]

**46** Lapho kuzwakala umsindo wokunqotshwa kweBhabhiloni, umhlaba uyozamazama,
Kuyozwakala isililo phakathi kwezizwe."[d]

**51** Yilokhu uJehova akushoyo:
"Bheka ngivusela iBhabhiloni[e]
Nezakhamuzi zaseLebhikhamayi* umoya ocekela phansi.

**2** Ngiyothumela eBhabhiloni abantu ukuba balihlakaze njengalapho umoya uphephula izinhlanga,
Bayolihlakaza benze izwe lakhona lingabi nalutho;
Bayolihlasela bevela nhlangothi zonke ngosuku lwenhlekelele.[f]

**3** Ocibishelayo makangawugobisi* umnsalo wakhe.
Makungabikho muntu oma efake ijazi lakhe lensimbi.
Ningabonisi bubele ezinsizweni zalo.[g]
Bhubhisani lonke ibutho lalo.

**4** Bayofa badindilize ezweni lamaKhaledi,

---

50:44 *Kubonakala sengathi kushiwo abaseBhabhiloni.

50:45 *Noma, "iseluleko." 51:1 *Leli kubonakala kuyigama leKhalideya elingaqondakali kalula. Lisho ukuthi "Inhliziyo Yalabo Abangivukelayo." 51:3 *NgesiHebheru, "makangawunyatheli."

---

ISAHL. 50
a Isay 13:20, 21; Jer 51:37; IsA 18:2
b Jer 25:12; Jer 51:43, 64
c Isay 13:19
d Gen 19:24, 25; Jud 7
e Jer 51:26
f Isay 45:1; Jer 51:11; Jer 51:27, 28
g Isay 13:5, 17
h Jer 50:9
i Hu 137:8; Isay 13:17, 18
j Jer 51:42
k Jer 51:27
l Jer 51:31
m Dan 5:6
n Isay 41:25

Uhla 2
a Jer 49:19-21
b Jer 51:11
c Isay 13:1, 20; Jer 51:43
d IsA 18:9

ISAHL. 51
e Jer 50:9
f Jer 50:14, 29
g Isay 13:17, 18; Jer 50:30

Begwaziwe emigwaqweni
yakhona.[a]
5 Ngoba u-Israyeli noJuda
ababona abafelokazi abafelwe
nguNkulunkulu
wabo, uJehova wamabutho.[b]
Kodwa izwe labo* linecala
elibomvu phambi ko-
Ngcwele ka-Israyeli.
6 Balekani niphume phakathi
kweBhabhiloni,
Nisindise ukuphila kwenu.[c]
Ningabulawa ngenxa yesiphambeko
salo.
Ngoba yisikhathi sempindiselo
kaJehova.
Uyaphindisela kulo ngenxa
yalokho elikwenzile.[d]
7 IBhabhiloni beliyindebe yegolide
esandleni sikaJehova;
Lenze wonke umhlaba wadakwa.
Izizwe ziphuze iwayini
lalo;[e]
Yingakho izizwe zihlanya.[f]
8 IBhabhiloni liwe kungazelelwe,
liphukile.[g]
Likhaleleni![h]
Litholeleni ibhalsamu ngenxa
yezinhlungu zalo;
mhlawumbe lingase lilulame."
9 "Sazama ukulelapha iBhabhiloni,
kodwa alelaphekanga.
Lishiyeni, masihambeni yilowo
nalowo aye ezweni
lakubo.[i]
Ngoba izenzo zalo ezifanelwe
yisahlulelo zifinyelele
emazulwini;
Zinqwabelane zaze zafinyelela
emafwini.[j]
10 UJehova usenzele ubulungisa.[k]
Wozani masilandise eZiyoni
umsebenzi kaJehova
uNkulunkulu wethu."[a]
11 "Lolani imicibisholo;[b] thathani
amahawu ayindilinga.*
UJehova uvuse umoya wamakhosi
amaMede,[c]
Ngoba uhlose ukuchitha
iBhabhiloni.
Ngoba lena yimpindiselo
kaJehova, uphindiselela
ithempeli lakhe.
12 Phakamisani uphawu*[d]
ngokumelene nezindonga
zaseBhabhiloni.
Qinisani ezokuqapha, nimise
abaqaphi.
Hlelani abazocutha.
Ngoba uJehova wakhe
icebo,
Uzokwenza lokho akuthembisile
ngokumelene nezakhamuzi
zaseBhabhiloni."[e]
13 "O wena wesifazane ohlala
emanzini amaningi,[f]
Onengcebo eningi,[g]
Ukuphela kwakho kufikile,
lapho ukwenza kwakho
inzuzo kuphelela khona.*[h]
14 UJehova wamabutho uzifunge
yena,
'Ngiyokugcwalisa ngamadoda
amaningi njengezintethe,
Ayohlabelela ngawe ingoma
yokunqoba.'[i]
15 Wenza umhlaba ngamandla
akhe,
Yena owamisa izwe elikhiqizayo
ngokuhlakanipha
kwakhe[j]
Nowelula amazulu ngokuqonda
kwakhe.[k]

ISAHL. 51
a Isay 13:15
b Hu 94:14 Isay 44:21 Jer 46:28 Zak 2:12
c Jer 50:8 Zak 2:7 IsA 18:4
d Jer 25:12, 14 Jer 50:15
e IsA 17:1, 2 IsA 18:3
f Jer 25:15, 16
g Isay 21:9 Isay 47:9 IsA 14:8
h IsA 18:2, 9
i Isay 13:14
j IsA 18:4, 5
k Mik 7:9

Uhla 2
a Jer 50:28
b Jer 50:14
c Isay 13:17 Isay 45:1
d Isay 13:2
e IsA 17:17
f IsA 17:1, 15
g Isay 45:3 Jer 50:37
h Hab 2:9 IsA 18:11, 12 IsA 18:19
i Jer 50:15
j Hu 93:1 Hu 104:24
k Hu 136:5 IzA 3:19 Isay 40:22 Jer 10:12-16

51:5 *Okuwukuthi, izwe lamaKhaledi.

51:11 *Noma kungaba, "gcwalisani izikhwama zemicibisholo." 51:12 *Noma, "isigxobo esiwuphawu." 51:13 *NgesiHebheru, "isilinganiso sokwenza kwakho inzuzo."

16 Lapho kuzwakala izwi lakhe,
Amanzi emazulwini ayahlokoma,
Ubangela ukuba amafu* enyuke esuka emikhawulweni yomhlaba.
Wenzela imvula umbani,#
Akhiphe umoya ezinqolobaneni zakhe.[a]
17 Wonke umuntu wenza ngokungacabangi nangokungabi nalwazi.
Wonke umuntu osebenza ngensimbi uyohlazeka ngenxa yesithombe esibaziwe;[b]
Ngoba isithombe sakhe sensimbi* singamanga,
Awukho umoya kuzo.#[c]
18 Ziyinkohliso,*[d] umsebenzi wokwenziwa inhlekisa.
Lapho usuku lokubhujiswa kwazo lufika, ziyoshabalala.
19 OyiSabelo SikaJakobe akafani nalezi zinto,
Ngoba nguYe owadala zonke izinto,
Ngisho nengxenye eyigugu kakhulu yefa lakhe.[e]
NguJehova wamabutho igama lakhe."[f]
20 "Wena ungumshiza wami, isikhali sempi,
Ngawe ngiyophahlaza izizwe.
Ngawe ngiyochitha imibuso.
21 Ngawe ngiyophahlaza ihhashi nomgibeli walo.
Ngawe ngiyophahlaza inqola yempi nomgibeli wayo.
22 Ngawe ngiyophahlaza indoda nowesifazane.
Ngawe ngiyophahlaza ixhegu nomfana.
Ngawe ngiyophahlaza insizwa nentombi.
23 Ngawe ngiyophahlaza umalusi nomhlambi wakhe.
Ngawe ngiyophahlaza umlimi nezilwane zakhe alima ngazo.
Ngawe ngiyophahlaza ababusi nababusi abangamasekela.
24 Ngiyophindisela eBhabhiloni nakuzo zonke izakhamuzi zaseKhalideya
Ngenxa yabo bonke ububi ababenzile eZiyoni phambi kwamehlo enu,"[a] kusho uJehova.
25 "Bheka ngimelene nawe,[b] ntaba echithayo," kusho uJehova,
"Wena ochithe umhlaba wonke.[c]
Ngizokwelulela isandla sami kuwe ngikugingqe usuke emadwaleni
Ngikwenze ube yintaba eshile."
26 "Abantu ngeke bathathe kuwe itshe legumbi noma itshe lesisekelo,
Ngoba uyoba yincithakalo kuze kube phakade,"[d] kusho uJehova.
27 "Phakamisani uphawu* ezweni.[e]
Shayani uphondo phakathi kwezizwe.
Khethani# izizwe zizolwa nalo.
Libizeleni umbuso wase-Ararati,[f] owaseMini nowase-Ashikenaze[g] ukuba izolwa nalo.
Thumani isikhulu esiqoqa abazolwa empini ukuba sizolwa nalo.

ISAHL. 51
a Hu 135:7
b Isay 44:11
c Hab 2:19
d Isay 41:29 Jer 14:22
e Dut 32:9
f Isay 47:4

Uhla 2
a Hu 137:8
b Jer 50:31
c Jer 25:9
d Jer 50:13, 40 IsA 18:21
e Isay 13:2 Jer 51:12
f Gen 8:4
g Gen 10:2, 3 Jer 50:41

51:16 *Noma, "imihwamuko." #Noma kungaba, "amasango." 51:17 *Noma, "esenziwe ngokuncibilikisiwe." #Noma, "Aziphefumuli." 51:18 *Noma, "Ziyize."

51:27 *Noma, "isigxobo esiwuphawu." #NgesiHebheru, "Ngcwelisani."

Khuphulani amahhashi njengokungathi isikhonyane sezintethe.
28 Khethani* izizwe zizolwa nalo,
Amakhosi aseMediya,[a] izinduna zakhona nabo bonke ababusi abangamasekela
Nawo wonke amazwe abawabusayo.
29 Umhlaba uyozamazama undindizele,
Ngoba imicabango kaJehova ngokumelene neBhabhiloni iyofezeka
Ukuba enze izwe laseBhabhiloni libe yinto eshaqisayo, lingabi namuntu ohlala khona.[b]
30 Amaqhawe aseBhabhiloni ayekile ukulwa.
Ahlezi ezinqabeni zawo.
Aphelelwe amandla.[c]
Asefana nabesifazane.[d]
Imizi yalo ishiswe ngomlilo.
Imigoqo yalo iphukile.[e]
31 Isithunywa siyagijima siyohlangabeza esinye isithunywa,
Umbiki uyohlangabeza omunye umbiki,
Ukuze kubikelwe inkosi yaseBhabhiloni ukuthi idolobha layo lithunjwe nhlangothi zonke,[f]
32 Ukuthi amazibuko avinjiwe,[g]
Izikebhe zomhlanga zishiswe ngomlilo,
Nokuthi amasosha ayesaba."

**33** Ngoba yilokhu uJehova wamabutho, uNkulunkulu ka-Israyeli, akushoyo:

"Indodakazi yaseBhabhiloni injengesibuya.
Yisikhathi sokuyinyathela ngokuphelele.
Maduzane isikhathi sokuvuna sizoyifikela."
34 "UNebukhadinezari* inkosi yaseBhabhiloni ungishwabadele;#[a]
Ungiphithizelisile.
Ungibeke phansi njengesitsha esingenalutho.
Ungigwinyile njengenyoka enkulu;[b]
Ugcwalise isisu sakhe ngezinto zami ezinhle.
Ungiyakazile.
35 'Kwangathi isihluku esenziwe kimi nasemzimbeni wami singaba phezu kweBhabhiloni!' kusho ohlala eZiyoni.[c]
'Igazi lami malibe phezu kwezakhamuzi zaseKhalideya!' kusho iJerusalema."
36 Ngakho-ke yilokhu uJehova akushoyo:
"Bheka, ngisingatha icala lakho lomthetho,[d]
Ngiyokuphindiselela.[e]
Ngiyokomisa ulwandle lwalo, ngomise nemithombo yalo.[f]
37 IBhabhiloni liyoba yinqwaba yamatshe,[g]
Indawo ehlala izimpungushe,[h]
Into eshaqisayo nento yokushayelwa ikhwela,
Engahlali muntu.[i]
38 Bonke ngothi lwabo bayobhonga njengamabhubesi.*
Bayogwavuma njengamawundlu ebhubesi."

**51:28** *NgesiHebheru, "Ngcwelisani."

**51:34** *NgesiHebheru, "UNebukhadirezari," enye indlela yokulibhala. #Lapha uJeremiya ukhuluma njengokungathi umelele iJerusalema noJuda. **51:38** *Noma, "njengamabhubesi anomhlwenga."

ISAHL. 51
a Isay 13:17; Dan 5:30, 31
b Isay 13:13, 19; Jer 50:13; Jer 50:39, 40
c Isay 13:7
d Jer 50:37
e Hu 107:16; Isay 45:2
f Isay 47:11; Jer 50:24, 43
g Isay 44:27; Jer 50:38; IsA 16:12

Uhla 2
a 2Kr 36:17, 18; Jer 50:17
b Jer 51:44
c Hu 137:8; Jer 50:29
d Jer 50:34
e Dut 32:35
f Isay 44:27; Jer 50:38
g Jer 25:12; Jer 50:15
h Isay 13:19, 22
i Jer 50:13, 39

39 “Lapho izifiso zabo sezinamandla, ngiyobenzela idili ngibadakise,
Ukuze bethabe;[a]
Ngemva kwalokho bayolala ubuthongo obungenasiphelo,
Abangeke baphaphame kubo,”[b] kusho uJehova.
40 “Ngiyobehlisa njengamawundlu ayohlatshwa,
Njengezinqama kanye nezimbuzi.”
41 “O yeka indlela iSheshaki* elinqotshwe ngayo,[c]
Yeka indlela abalithathe ngayo idolobha elalidunyiswa abantu bonke![d]
Yeka indlela iBhabhiloni elibe ngayo yinto eshaqisayo phakathi kwezizwe!
42 Ulwandle lukhuphukele ngaphezu kweBhabhiloni.
Amagagasi alo amaningi alimbozile.
43 Amadolobha alo abe yinto eshaqisayo, izwe elingenamanzi neliwugwadule.
Izwe okungeke kuhlale muntu kulo, nokungeke kudlule muntu kulo.[e]
44 Ngiyomjezisa uBheli[f] eBhabhiloni,
Ngiyokukhipha emlonyeni wakhe lokho akugwinyile.[g]
Izizwe ngeke zisathuthele-ka kuye,
Udonga lwaseBhabhiloni luyowa.[h]
45 Phumani kulo, bantu bami![i]
Sindisani ukuphila kwenu[j] olakeni lukaJehova![k]
46 Ningashaywa uvalo noma nesabe ngenxa yombiko ozozwakala ezweni.
Umbiko uzofika ngomunye unyaka,
Ngonyaka olandelayo kufike omunye umbiko
Wodlame ezweni nowombusi olwa nomunye umbusi.
47 Ngakho kuza izinsuku
Lapho ngiyojezisa khona izithombe ezibaziwe zaseBhabhiloni.
Lonke izwe lakhona liyohlazeka,
Nabo bonke ababulewe balo bayodindiliza phakathi kwalo.[a]
48 Amazulu nomhlaba nakho konke okukukho
Kuyomemeza ngenjabulo ngokuwa kweBhabhiloni,[b]
Ngoba abazolibhubhisa bayofika bevela enyakatho,”[c] kusho uJehova.
49 “IBhabhiloni aligcinanga nje ngokubulala abakwa-Israyeli,[d]
Kodwa eBhabhiloni kwabulawa nabantu abavela kuwo wonke umhlaba.
50 Nina eniphunyuke enkembeni, qhubekani nihamba, ningami![e]
Khumbulani uJehova nikude,
Kwangathi ningacabanga ngeJerusalema.”[f]
51 “Sihlazekile, ngoba sizwe ukuklolodela.
Ubuso bethu bumbozwe amahloni,
Ngoba abezinye izizwe* bahlasele izindawo ezingcwele zendlu kaJehova.”[g]
52 “Ngakho kuza izinsuku,” kusho uJehova,
“Lapho ngiyojezisa khona izithombe zalo ezibaziwe,

ISAHL. 51
a Dan 5:1, 4
b Jer 25:17, 27; Jer 51:57
c Jer 25:17, 26
d Isay 13:19; Jer 49:25; Dan 4:30
e Isay 13:1, 20; Jer 50:39
f Isay 46:1; Jer 50:2
g 2Kr 36:7; Ezr 1:7; Jer 51:34; Dan 1:1, 2
h Jer 51:58
i Isay 48:20; IsA 18:4
j Jer 51:6; Zak 2:7
k Isay 13:13

Uhla 2
a Isay 13:15; Dan 5:30
b Isay 44:23; Isay 48:20; Isay 49:13; IsA 18:20
c Jer 50:3; Jer 50:41
d Jer 50:17; Jer 51:24
e Jer 50:8; IsA 18:4
f Ezr 1:3; Hu 137:5
g Hu 79:1; IsiL 1:10

51:41 *Leli kubonakala kuyigama leBhabhele (iBhabhiloni).

51:51 *Noma, “Ngoba izihambi.”

Kulo lonke izwe lakhona
abalimele bayobe bequma."[a]

53 "Ngisho noma iBhabhiloni
lingenyukela
emazulwini,[b]
Ngisho noma lingaqinisa
izinqaba zalo eziphakeme,
Ngiyolithumelela abazolibhubhisa,"[c] kusho uJehova.

54 "Lalela! Kukhona ukukhala
okuvela eBhabhiloni,[d]
Umsindo wenhlekelele
enkulu ovela ezweni lamaKhaledi,[e]

55 Ngoba uJehova ubhubhisa
iBhabhiloni,
Uyothulisa izwi lalo elikhulu,
Umsindo wezitha zalo
uyoba njengowamagagasi
olwandle.
Umsindo wezwi lazo uyozwakala.

56 Ngoba ozolibhubhisa uyofika eBhabhiloni;[f]
Amaqhawe alo
ayothunjwa,[g]
Imicibisholo yawo iyophulwa,
Ngoba uJehova unguNkulunkulu wempindiselo.[h]
Nakanjani uyophindisela.[i]

57 Ngiyodakisa izikhulu zalo
namadoda alo ahlakaniphile,[j]
Izinduna zalo nababusi
balo abangamasekela namaqhawe alo,
Bayolala ubuthongo obungenasiphelo,
Abangeke baphaphame
kubo,"[k] kusho iNkosi,
enguJehova wamabutho
igama layo.

58 Yilokhu uJehova wamabutho akushoyo:

"Udonga lwaseBhabhiloni,
nakuba lubanzi, luyobhidlizwa ngokuphelele,[a]
Namasango alo, nakuba
ephakeme, ayoshiswa
ngomlilo.
Abantu bayosebenzela
ubala;
Izizwe ziyofukuza ukuze
nje zibase umlilo."[b]

59 Leli yizwi uJeremiya um-
profethi aliyala uSeraya indo-
dana kaNeriya[c] indodana kaMa-
seya lapho ehamba noZedekiya
inkosi yakwaJuda beya eBha-
bhiloni ngonyaka wesine wo-
kubusa kwakhe; uSeraya waye-
ngamele izinto zenkosi.
60 UJeremiya wabhala encwa-
dini eyodwa ngayo yonke inhle-
kelele eyayiyokwehlela iBha-
bhiloni, wonke la mazwi abhali-
we ngokumelene neBhabhiloni.
61 Ngaphezu kwalokho, uJere-
miya wathi kuSeraya: "Lapho
ufika eBhabhiloni, kumele uwa-
funde ngokuzwakalayo wonke
la mazwi. 62 Ngemva kwalo-
kho uthi, 'O Jehova, uthe le
ndawo izobhujiswa kungabe
kusaba namuntu ohlala kuyo,
umuntu noma isilwane, wathi
iyoba amanxiwa kuze kube
phakade.'[d] 63 Lapho usuqedi-
le ukuyifunda le ncwadi, ubo-
phele itshe kuyo bese uyi-
phonsa phakathi e-Ewufrathe.
64 Bese uthi, 'Lena yindlela
iBhabhiloni eliyocwila ngayo li-
ngaphinde likhuphuke[e] ngenxa
yenhlekelele engiyiletha kulo;
bayokhathala.'"[f]

Amazwi kaJeremiya aphelela lapha.

**52** UZedekiya[g] wayeneminyaka engu-21 lapho eba
inkosi, wabusa iminyaka engu-
11 eJerusalema. Igama likanina
kwakunguHamuthali[h] indoda-
kazi kaJeremiya waseLibhina.

ISAHL. 51
a Isay 13:15
b Isay 14:13; Dan 4:30
c Jer 50:10
d Isay 13:6
e Jer 50:22, 23
f Isay 21:2
g Jer 50:36
h Dut 32:35; Hu 94:1; Isay 34:8; Jer 50:29; IsA 18:5
i Hu 137:8
j Jer 25:27
k Jer 51:39

Uhla 2
a Jer 50:15; Jer 51:44
b Hab 2:13
c Jer 32:12; Jer 36:4; Jer 45:1
d Isay 13:1, 20; Isay 14:23; Jer 50:3, 39; Jer 51:29, 37
e IsA 18:21
f Jer 51:58

ISAHL. 52
g 2Kh 24:17-20; 2Kr 36:11, 12
h 2Kh 23:31

**2** Waqhubeka enza okubi eme-
hlweni kaJehova, njengakho
konke uJehoyakimi ayekwenzi-
le.[a] **3** Lezi zinto zehlela iJeru-
salema noJuda ngenxa yentu-
kuthelo kaJehova kwaze kwa-
ba yilapho esebasusile phambi
kwakhe.[b] UZedekiya wadlubu-
lunda enkosini yaseBhabhilo-
ni.[c] **4** Ngonyaka ka-9 woku-
busa kukaZedekiya, ngosuku
lweshumi enyangeni yeshumi,
uNebukhadinezari* inkosi ya-
seBhabhiloni weza nalo lonke
ibutho lakhe lempi ezohlasela
iJerusalema. Bagxumeka ama-
tende ukuze balwe nalo, bakha
udonga lokulivimbezela nxazo-
nke.[d] **5** Idolobha lavinjezelwa
kwaze kwaba unyaka ka-11 we-
Nkosi uZedekiya.

**6** Ngenyanga yesine, ngosu-
ku luka-9 lwenyanga,[e] indla-
la yayibhokile edolobheni,
abantu babengenakho ukudla.[f]
**7** Ekugcineni izindonga zedo-
lobha zabhodlozwa, lonke ibu-
tho lempi lasuka edolobhe-
ni labaleka ebusuku laphuma
ngesango elisodongeni olubha-
ngqiwe, ngasengadini yenkosi,
kuyilapho amaKhaledi ezunge-
ze idolobha; lahamba ngendle-
la eya ngase-Araba.[g] **8** Ko-
dwa ibutho lamaKhaledi layija-
ha inkosi uZedekiya,[h] layifica
emathafeni awugwadule ase-
Jeriko, lonke ibutho layo le-
mpi lahlakazeka. **9** Layiba-
mba inkosi lenyuka nayo laya
enkosini yaseBhabhiloni eRi-
bila ezweni laseHamati, uku-
ze igwetshwe. **10** Inkosi yase-
Bhabhiloni yabulala amadoda-
na kaZedekiya phambi kwakhe,
yabulala nazo zonke izikhulu
zakwaJuda eRibila. **11** Nge-
mva kwalokho inkosi yase-
Bhabhiloni yamkhipha amehlo
uZedekiya,[a] yambopha ngama-
ketanga ethusi yaya naye eBha-
bhiloni, yamgquma ejele waze
wafela khona.

**12** Ngenyanga yesihlanu,
ngosuku lweshumi, okuwuku-
thi, ngonyaka ka-19 kaNebu-
khadinezari* inkosi yaseBha-
bhiloni, uNebuzaradani indu-
na yonogada, owayeyinceku ye-
nkosi yaseBhabhiloni, weza
eJerusalema.[b] **13** Washisa
indlu kaJehova,[c] indlu yenko-
si* nazo zonke izindlu zaseJe-
rusalema; washisa nazo zo-
nke izindlu ezinkulu. **14** Lo-
nke ibutho lamaKhaledi elali-
kanye nenduna yonogada ladi-
liza izindonga ezazibiyele iJe-
rusalema.[d]

**15** UNebuzaradani induna
yonogada wabayisa ekudingi-
sweni abanye kubantukazana
nabo bonke abantu ababese-
le edolobheni. Wathatha nalabo
ababehlubukele enkosini yase-
Bhabhiloni nazo zonke izisebe-
nzi eziyizingcweti.[e] **16** Kodwa
uNebuzaradani induna yonoga-
da wabashiya abanye kubantu
abampofu bezwe ukuze babe
abanakekeli bamasimu amagi-
lebhisi nezisebenzi eziphoqele-
lwe.[f]

**17** AmaKhaledi aphihliza
izinsika zethusi[g] zendlu ka-
Jehova nezinqola[h] noLwandle
lwethusi*[i] okwakusendlini ka-
Jehova, athwala lonke ithu-
si lako aliyisa eBhabhiloni.[j]
**18** Athatha namakani, amaha-
lavu, izinto zokucisha umlilo,
izitsha,[k] izinkomishi[l] nazo zo-
nke izinto zethusi ezazisetshe-
nziswa ethempelini. **19** Indu-

ISAHL. 52

a 2Kh 24:1; 2Kr 36:5
b Lev 26:33; Dut 31:16, 17
c 2Kr 36:11, 13; Hez 17:15
d Dut 28:52; 2Kh 25:1, 2; Isay 29:3; Jer 39:1; Hez 4:1, 2; Hez 21:21, 22
e Jer 39:2
f Dut 28:53-57; 2Kh 25:3-7; Isay 3:1; Hez 4:16
g Jer 39:4-7
h Jer 24:8; Jer 34:21; Jer 37:17; Jer 38:18

Uhla 2

a Hez 12:13
b 2Kh 25:8-10
c 1Kh 9:8; 2Kr 36:17, 19; Hu 74:8; Hu 79:1; Jer 26:18; IsiL 2:7; Hez 24:21
d Jer 39:8
e 2Kh 25:11, 12; Jer 39:9, 10
f 2Kh 25:22
g 1Kh 7:15, 21
h 1Kh 7:27
i 1Kh 7:23; 2Kr 4:11-15
j 2Kh 25:13-16; Jer 27:19, 22
k 1Kh 7:45
l 2Kr 4:19, 22

---

**52:4** *NgesiHebheru, "uNebukhadireza-ri," enye indlela yokulibhala.

**52:12** *NgesiHebheru, "kaNebukhadire-zari," enye indlela yokulibhala. **52:13** *Noma, "isigodlo." **52:17** *Noma, "ne-thange lethusi."

na yonogada yathatha izindi-
shi,[a] imicengezi yomlilo, izi-
tsha, amakani, izinti zeziba-
ni,[b] izinkomishi nezitsha ze-
golide loqobo nezesiliva loqo-
bo.[c] **20** Ngokuqondene nezi-
nsika ezimbili, uLwandle,* izi-
nkunzi zethusi ezingu-12[d] eza-
zingaphansi koLwandle nezi-
nqola iNkosi uSolomoni eya-
yizenzele indlu kaJehova, ya-
yingekho indlela yokwazi isisi-
ndo sethusi sazo zonke lezi zi-
nto.

**21** Ngokuphathelene nezinsi-
ka, insika ngayinye yayinga-
mamitha angu-8 ukuphakama,
yayingase izungezwe intambo
engamamitha amahlanu;[e] ugqi-
nsi lwayo lwalungangobubanzi
beminwe* emine, iyigobongo.
**22** Isihloko esasiphezu kwayo
sasenziwe ngethusi; isihloko sa-
singamamitha amabili ukupha-
kama;[f] umhlobiso osasisefo no-
wamahalananda* nxazonke ze-
sihloko wawenziwe ngethusi.
Insika yesibili nomhlobiso wayo
kwakwenziwe ngendlela efana-
yo. **23** Kwakunamahalananda
angu-96 ezinhlangothini;* ese-
wonke amahalananda ayengu-
100 ezungeze umhlobiso osasi-
sefo.[g]

**24** Induna yonogada yatha-
tha noSeraya[h] umpristi omkhu-
lu, uZefaniya[i] umpristi wesi-
bili nabalindimnyango abatha-
thu.[j] **25** Edolobheni yathatha
isikhulu segceke esisodwa esa-
sinegunya phezu kwebutho le-
mpi, abangani abayisikhombi-
sa benkosi ababesedolobhe-
ni, kanye nonobhala wendu-
na yempi, owayebuthela aba-
ntu bezwe empini, namadoda
angu-60 kubantu abaphansi be-
zwe ababetholakala edolobhe-
ni. **26** UNebuzaradani indu-
na yonogada wabathatha wa-
bayisa enkosini yaseBhabhilo-
ni eRibila. **27** Inkosi yase-
Bhabhiloni yababulala eRibi-
la[a] ezweni laseHamati. Kanja-
lo uJuda wasuka ezweni lakhe
waya ekudingisweni.[b]

**28** Naba abantu uNebukha-
dinezari* abayisa ekudingiswe-
ni: ngonyaka wesikhombisa,
amaJuda angu-3 023.[c]

**29** Ngonyaka ka-18 kaNe-
bukhadinezari,*[d] kwathathwa
abantu abangu-832 eJerusa-
lema.

**30** Ngonyaka ka-23 kaNe-
bukhadinezari,* uNebuzarada-
ni induna yonogada wathatha
amaJuda wawayisa ekudingi-
sweni, abantu abangu-745.[e]

Sebebonke abantu abayiswa
ekudingisweni babengu-4 600.

**31** Ngonyaka ka-37 wokudi-
ngiswa kukaJehoyakini[f] inko-
si yakwaJuda, ngenyanga ka-
12, ngosuku luka-25 lwenyanga,
u-Evili-merodaki inkosi yase-
Bhabhiloni, ngonyaka aba nga-
wo yinkosi, wakhipha* uJeho-
yakini inkosi yakwaJuda ejele.[g]
**32** Wamphatha kahle, wam-
phakamisa kunamanye ama-
khosi ayekanye naye eBhabhi-
loni. **33** Ngakho uJehoyakini
wakhumula izingubo zakhe za-
sejele, wadla kanye nenkosi zo-
nke izinsuku zokuphila kwa-
khe. **34** Inkosi yaseBhabhilo-
ni yayimnika ukudla usuku no-
suku, zonke izinsuku zokuphi-
la kwakhe, kwaze kwaba usuku
lokufa kwakhe.

**52:20** *Noma, "ithange." **52:21** *Ububanzi bomunwe babulingana no-1,85 cm. Bheka iSithasiselo B14. **52:22** *Noma, "nowamahananadi." **52:23** *Noma, "ayebonakala."

**52:28** *NgesiHebheru, "uNebukhadirezari," enye indlela yokulibhala. **52:29, 30** *NgesiHebheru, "kaNebukhadirezari," enye indlela yokulibhala. **52:31** *NgesiHebheru, "waphakamisa ikhanda."

ISAHL. 52
a 1Kh 7:50
b 1Kh 7:48, 49
c 2Kr 24:14; 2Kr 36:18
d 1Kh 7:23, 25
e 1Kh 7:15-20
f 2Kr 3:15
g 2Kr 3:16; 2Kr 4:13
h 1Kr 6:14; Ezr 7:1
i Jer 21:1, 2; Jer 29:25
j 2Kh 25:18-21

Uhla 2
a 2Kh 25:6; Jer 52:10
b Lev 18:25; Lev 26:33; Dut 28:36; Isay 24:3; Jer 25:9
c 2Kh 24:12, 14
d Jer 32:1
e Jer 6:9
f 2Kh 24:8; Jer 24:1; Jer 37:1; Mat 1:11
g 2Kh 25:27-30

# ISILILO

**UHLU LOKUPHAKATHI**

1 IJerusalema lifaniswa nomfelokazi
Lisele lodwa lishiywe dengwane (1)
Izono ezinkulu zeZiyoni (8, 9)
UNkulunkulu ulilahlile iZiyoni (12-15)
Akekho ozoduduza iZiyoni (17)

2 UJehova ulithukuthelele iJerusalema
Akekho obonisa isihe (2)
UJehova unjengesitha kulo (5)
Kukhalelwa iZiyoni (11-13)
Abadlula ngendlela balenza inhlekisa leli dolobha elake laba lihle (15)
Izitha ziyajabula ngokuwa kweZiyoni (17)

3 UJeremiya uveza imizwa yakhe nethemba
"Ngizokulinda ngesineke" (21)
Isihe sikaNkulunkulu sisha njalo ekuseni (22, 23)
UNkulunkulu muhle kulabo abathembela kuye (25)
Kuhle ukuba umuntu abhekane nobunzima ebusheni bakhe (27)
UNkulunkulu uvimbe ngefu ukuba kungasondelwa kuye (43, 44)

4 Imiphumela ebuhlungu yokuvinjezelwa kweJerusalema
Ukuntuleka kokudla (4, 5, 9)
Abesifazane bapheka izingane zabo (10)
UJehova uthulule intukuthelo yakhe (11)

5 Isizwe sithandazela ukuba sibuyiselwe endaweni yaso
"Khumbula lokho okusehlele" (1)
'Maye kithi; sonile' (16)
"O Jehova, sibuyisele kuwe" (21)
"Yenza izinsuku zethu zibe njengakuqala" (21)

א [*Aleph*]*

**1** Yeka ukuthi selihlala lodwa
kanjani idolobha elali-
gcwele abantu![a]
Selibe njengomfelokazi,
idolobha elalinabantu aba-
ningi phakathi kwezizwe![b]
Yeka indlela lowo owayeyi-
nkosazana phakathi kwe-
zifundazwe[#] enziswe nga-
yo umsebenzi wobugqila![c]

ב [*Beth*]

**2** Likhala lingathuli ubusuku
bonke,[d] izinyembezi zalo
zisezihlathini zalo.
Izithandwa zalo azikho uku-
ze ziliduduze.[e]
Bonke abangani balo ba-
likhohlisile;[a] babe yizitha
zalo.

ג [*Gimel*]

**3** UJuda uye ekudingisweni,[b]
uyahlupheka futhi ugqila-
zwa kanzima.[c]
Kumele ahlale phakathi
kwezizwe;[d] akayitholi
indawo yokuphumula.
Bonke abamshushisayo ba-
mfice ecindezelekile.

ד [*Daleth*]

**4** Imigwaqo eya eZiyoni iya-
khala, ngoba akekho oza
emkhosini.[e]
Wonke amasango alo enzi-
we incithakalo;[f] abapristi
balo bayabubula.
Izintombi zalo zisosizini, li-
sezinhlungwini
ezinkulu.

**1:1** *Izahluko 1 kuya ku-4 ziyizingoma zokulila ezihlelwe ngokulandelana kwezinhlamvu zesiHebheru. #Noma, "kwezifunda zombuso."

**ISAHL. 1**
a Hu 122:3, 4
b 1Kh 4:20
c Dut 28:15, 48; 2Kh 25:11, 12
d IsiL 1:16
e Jer 4:30; Hez 16:37

**Uhla 2**
a Jer 30:14
b Lev 26:33; 2Kh 24:14, 15; 2Kh 25:21; Jer 39:9; Jer 52:27
c Jer 17:4
d Dut 28:64
e Amo 8:10
f Isay 3:26

ה [*He*]

5 Abaphikisana nalo sebeyinkosi* yalo; izitha zalo azinandaba.[a]
Ngoba uJehova ulilethele usizi ngenxa yezono zalo ezininingi.[b]
Izingane zalo zithunjwe yisitha.[c]

ו [*Waw*]

6 Bonke ubukhazikhazi bendodakazi yaseZiyoni abusekho.[d]
Izikhulu zalo zibe njengezinyamazane ezingalitholanga idlelo,
Zihamba zingenamandla phambi kozijahayo.

ז [*Zayin*]

7 Ezinsukwini zokuhlupheka kwalo nezokungabi kwalo nandawo yokuhlala, iJerusalema likhumbula
Zonke izinto eziyigugu okwakungezalo kusukela kudala.[e]
Lapho abantu balo bewela esandleni sesitha, lingenamsizi,[f]
Izitha zalo zalibona; zakuhleka ukuwa* kwalo.[g]

ח [*Heth*]

8 IJerusalema lone kakhulu.[h]
Yingakho liye laba yinto enyanyekayo.
Bonke ababelidumisa manje bayalidelela, ngoba babone ubunqunu balo.[i]
Nalo liyaquma,[j] lifulathele linamahloni.

ט [*Teth*]

9 Ukungahlanzeki kwalo kusezingutsheni zalo.
Alizange licabange ngekusasa lalo.[k]
Liwe ngendlela emangalisayo; akukho muntu ozoliduduza.
O Jehova, bona ukuhlupheka kwami, ngoba isitha siziphakamisile.[a]

י [*Yod*]

10 Isitha salo sibeke isandla saso kuyo yonke ingcebo yalo.[b]
Ngoba libone izizwe zingena endlini yalo engcwele,[c]
Lezo owayala ukuthi akufanele zingene ebandleni lakho.

כ [*Kaph*]

11 Bonke abantu balo bayakhala; bafuna ukudla.[d]
Banikele ngezinto zabo ezibalulekile ngoba befuna ukuthola okudliwayo ukuze baphile.
O Jehova, bheka ubone ukuthi ngibe njengowesifazane* ongelusizo lwalutho.

ל [*Lamed*]

12 Akulutho yini kini nonke enidlula ngendlela?
Bhekani nibone!
Bukhona yini ubuhlungu obunjengobuhlungu engazwiswa bona,
UJehova abangela ukuba ngibuzwe ngosuku lwentukuthelo yakhe evuthayo?[e]

מ [*Mem*]

13 Uthumele umlilo emathanjeni ami esendaweni ephakeme,[f] uthobisa ngalinye lawo.
Welulele izinyawo zami inethi; ungiphoqile ukuba ngibuyele emuva.
Ungenze ngaba ngowesifazane owenziwe incithakalo.
Usuku lonke ngiyagula.

**ISAHL. 1**
a Zak 1:15
b 2Kr 36:15, 16; Neh 9:33; Dan 9:7, 16
c Jer 39:9; Jer 52:30
d Hez 24:21
e 1Kh 10:27
f Jer 52:4
g Hu 137:7; IsiL 2:16
h Isay 1:4; Isay 59:2; Hez 22:4
i Jer 13:22; Hez 23:29
j Jer 4:31
k Jer 8:7

**Uhla 2**
a Jer 50:29
b Jer 52:17, 19; Dan 1:1, 2
c 2Kr 36:17, 18; Hu 74:7; Jer 52:13
d Jer 38:9; Jer 52:6; IsiL 2:12; IsiL 4:4
e Jer 21:7
f Hu 102:3

1:5 *NgesiHebheru, "sebeyinhloko."
1:7 *Noma, "zajabula ngokuwa."
1:11 *Isenzasamuntu esibhekisela eJerusalema.

נ [*Nun*]

14 Izeqo zami ziboshelwe njengejoka, ziboshelwe ndawonye ngesandla sakhe.
Zibekwe entanyeni yami, ngiphele amandla.
UJehova unginikele kulabo engingakwazi ukumelana nabo.[a]

ס [*Samekh*]

15 UJehova uwajikijele eceleni wonke amadoda anamandla abephakathi kwami.[b]
Ungibizele isixuku ukuze siphihlize izinsizwa zami.[c]
UJehova unyathele indodakazi eyintombi yakwaJuda esikhamweni sewayini.[d]

ע [*Ayin*]

16 Ngiyakhala ngenxa yalezi zinto;[e] amehlo ami ageleza izinyembezi.
Ngoba noma ubani obengangiduduza noma angenze ngizizwe ngingcono ukude kakhulu nami.
Amadodana ami ayincithakalo, ngoba isitha sinqobile.

פ [*Pe*]

17 IZiyoni lelule izandla zalo;[f] alinaye umduduzi.
UJehova uyale bonke abazungeze uJakobe ukuba babe yizitha zakhe.[g]
IJerusalema selibe yinto enyanyekayo kubo.[h]

צ [*Tsade*]

18 UJehova ulungile[i] ngokungijezisa, ngoba angiyilalelanga imiyalo yakhe.[j]
Lalelani nonke nina zizwe, nibone ubuhlungu bami.
Izintombi zami nezinsizwa zami zithunjiwe.[k]

ק [*Qoph*]

19 Ngizibizile izithandwa zami kodwa zingikhohlisile.[l]
Abapristi bami namadoda amadala bashabalele edolobheni,

**ISAHL. 1**
*a* Lev 26:37 Hez 11:9
*b* 2Kh 24:14, 15
*c* 2Kr 36:17
*d* IsA 14:19 IsA 19:15
*e* Jer 31:15
*f* Jer 4:31
*g* Dut 28:49 2Kh 24:1, 2 2Kh 25:1
*h* IsiL 1:8
*i* Neh 9:33 Dan 9:7
*j* 1Sa 12:14, 15
*k* Dut 28:32
*l* Jer 30:14

**Uhla 2**
*a* 2Kh 25:3 Jer 38:9
*b* Hu 107:11 Isay 1:2 Isay 63:10
*c* Dut 32:25 Jer 15:2
*d* Hez 25:6, 7 Obad 12
*e* Isay 13:19 Jer 25:12-14 Jow 3:19
*f* Hu 137:8, 9 Isay 51:22, 23
*g* Jer 51:35

**ISAHL. 2**
*h* IsiL 2:15
*i* 1Kr 28:2 Hu 132:7 Isay 60:13

Ngesikhathi befuna ukudla ukuze baqhubeke bephila.[a]

ר [*Resh*]

20 O Jehova, bona, ngoba ngisebunzimeni obukhulu.
Kuxhaphazela amathumbu.
Inhliziyo yami iphendukile ngaphakathi kimi, ngoba bengidlubulunda ngokuphelele.[b]
Ngaphandle inkemba ibulale abantwana bami;[c] nangaphakathi endlini kuyafiwa.

ש [*Shin*]

21 Abantu bakuzwile ukububula kwami; anginaye umduduzi.
Zonke izitha zami zizwile ngenhlekelele yami.
Zijabule ziyafa ngoba nguwe oyilethile.[d]
Kodwa uyoluletha usuku olumemezele,[e] lapho nazo ziyoba njengami.[f]

ת [*Taw*]

22 Kwangathi ungabubona bonke ububi bazo, uzijezise kanzima,[g]
Njengoba nje ungijezise kanzima nami ngenxa yazo zonke izeqo zami.
Ngoba kade ngangibubula, inhliziyo yami ibuhlungu.

א [*Aleph*]

**2** Yeka ukuthi uJehova uyimboze kanjani indodakazi yaseZiyoni ngefu lentukuthelo yakhe!
Ubususile ezulwini ubuhle buka-Israyeli wabuphonsa phansi emhlabeni.[h]
Akazange asikhumbule isenabelo sezinyawo zakhe[i] ngosuku lwentukuthelo yakhe.

ב [*Beth*]

2 UJehova uzibhubhise ngaphandle kokubonisa isihe

zonke izindawo zokuhlala
zikaJakobe.
Ngentukuthelo yakhe uzidi-
lizile izindawo ezinezivi-
kelo eziqinile zendodakazi
yakwaJuda.[a]
Uwehlisele phansi emhlaba-
thini wawuhlazisa umbu-
so[b] nezikhulu zawo.[c]

ג [*Gimel*]

3 Ngokuvutha kwentukuthelo
yakhe uwaqede wonke
amandla* ka-Israyeli.
Uhoxise isandla sakhe so-
kudla lapho isitha siso-
ndela,[d]
KuJakobe waqhubeka evu-
tha njengomlilo oshisa yo-
nke into nxazonke.[e]

ד [*Daleth*]

4 Usewugobile umnsalo wa-
khe njengesitha; isandla
sakhe sokudla simi ngo-
mumo njengesesitha;[f]
Waqhubeka ebabulala bo-
nke labo abathandekayo
emehlweni ethu.[g]
Uthululele intukuthelo ya-
khe njengomlilo[h] etendeni
lendodakazi yaseZiyoni.[i]

ה [*He*]

5 UJehova usebe
njengesitha;[j]
Umbhubhisile u-Israyeli.
Uyibhubhise yonke imibho-
shongo yakhe;
Uzichithe zonke izindawo
zakhe ezinezivikelo eziqi-
nile.
Wenza ukuba kukhalwe, ku-
khihlwe isililo endodaka-
zini yakwaJuda.

ו [*Waw*]

6 Uliphatha ngesihluku ido-
kodo lakhe,[k] njengendlwa-
na esengadini.

2:3 *NgesiHebheru, "uzinqume zonke izimpondo."

Uwuqedile* umkhosi wa-
khe.[a]
UJehova ubangele ukuba
umkhosi nesabatha kuli-
baleke eZiyoni,
Entukuthelweni yakhe evu-
thayo akanandaba nanko-
si nampristi.[b]

ז [*Zayin*]

7 UJehova ulilahlile i-altare
lakhe;
Uyilahlile indlu yakhe
engcwele.[c]
Unikele izindonga zemibho-
shongo eqinile yeZiyoni
esandleni sesitha.[d]
Bayamemeza endlini ka-
Jehova[e] njengasosukwini
lomkhosi.

ח [*Heth*]

8 UJehova unqume ukulubhi-
dliza udonga lwendodaka-
zi yaseZiyoni.[f]
Welule intambo yokukala.[g]
Akazange asigodle isandla
sakhe ukuba singabhu-
bhisi.*
Ubangela ukuba indundu-
ma yokuvikela nodonga
kulile.
Kokubili sekubuthaka-
thaka.

ט [*Teth*]

9 Amasango alo ashone em-
hlabathini.[h]
Ubhubhise waphihliza imi-
goqo yalo.
Inkosi yalo nezikhulu zalo
baphakathi kwezizwe.[i]
Akukho mthetho;* ngisho
nabaprofethi balo abatho-
li mbono ovela kuJehova.[j]

י [*Yod*]

10 Amadoda amadala
endodakazi yaseZiyoni
ahlezi phansi emhlabathi-
ni, athule.[k]

2:6 *Noma, "Uwuchithile." 2:8 *NgesiHebheru, "singagwinyi." 2:9 *Noma, "siqondiso."

ISAHL. 2

*a* Dut 28:52; Mik 5:11
*b* Hez 21:26, 27
*c* Isay 39:7; Isay 43:28
*d* Hu 74:10, 11
*e* Dut 32:22; Isay 42:25; Jer 7:20
*f* Dut 28:63; Isay 63:10; Jer 21:5
*g* 2Kh 25:21
*h* Jer 4:4
*i* Jer 10:20
*j* Jer 30:14
*k* 2Kh 25:8, 9; 2Kr 36:19; Isay 63:18; Isay 64:11

Uhla 2

*a* IsiL 1:4
*b* Jer 52:24, 27
*c* Lev 26:31; Jer 26:6; Jer 52:12, 13; Hez 24:21; Mik 3:12
*d* 2Kr 36:19
*e* Hu 74:4
*f* 2Kh 25:10; Jer 39:8
*g* 2Kh 21:13; Isay 28:17
*h* Neh 1:3; Jer 14:2
*i* Dut 28:15, 36; 2Kh 24:15; 2Kh 25:7; IsiL 4:20; Hez 12:13; Dan 1:3, 6
*j* Hu 74:9; Jer 23:16; Hez 7:26
*k* Isay 3:26

Athela uthuli emakhanda
awo, abhince nendwangu
yesaka.[a]
Izintombi zaseJerusalema
zikhothamisele amakha-
nda azo emhlabathini.

כ [*Kaph*]

11 Amehlo ami akhathele nge-
nxa yezinyembezi.[b]
Kuxhaphazela amathumbu.
Inhliziyo yami iphukile,*
ngenxa yokuwa kwendo-
dakazi# yabantu bami,[c]
Ngenxa yezingane nezinsa-
na eziphelelwa amandla
ezigcawini zedolobha.[d]

ל [*Lamed*]

12 Zilokhu zithi konina, "Kuphi
ukudla nokokuphuza?"[e]
Njengoba ziphelelwa nga-
mandla njengomuntu
ogwaziwe ezigcawini ze-
dolobha,
Njengoba ukuphila kwazo
kuphelela ezandleni zo-
nina.

מ [*Mem*]

13 Yini engingayisebenzisa
njengofakazi,
Noma ngingakufanisa
nani, ndodakazi yaseJeru-
salema?
Ngingakuqhathanisa nani,
ukuze ngikududuze ndo-
dakazi eyintombi yaseZi-
yoni?
Ngoba ukuwa kwakho
kukhulu njengolwandle.[f]
Ngubani ongakwelapha?[g]

נ [*Nun*]

14 Abaprofethi bakho bakubo-
nele imibono engamanga
nengazuzisi,[h]
Abazange balembule iphu-
tha lakho ukuze ungathu-
njwa,[i]
Kodwa baqhubeka bekubo-
nela imibono engamanga
nezimemezelo eziduki-
sayo.[a]

ס [*Samekh*]

15 Bonke abadlula ngendlela
bakushayela izandla beku-
bhuqa.[b]
Bashaya ikhwela bemange-
le,[c] bayinikinele amakha-
nda abo indodakazi yase-
Jerusalema, bethi:
"Ingabe yilo leli dolobha
ababethi ngalo, 'Lihle
ngokuphelele, lenza wo-
nke umhlaba ujabule'?"[d]

פ [*Pe*]

16 Zonke izitha zakho zikuvu-
lele umlomo.
Zishaya ikhwela ziququda
namazinyo zithi: "Silibhu-
bhisile.[e]
Lolu usuku ebesilulindile![f]
Selufikile, silubonile!"[g]

ע [*Ayin*]

17 UJehova ukwenzile lokho
ayekuhlosile;[h] ulifezile
izwi lakhe,[i]
Lokho akuyala kudala.[j]
Udilizile, akabonisanga bu-
bele.[k]
Uvumele isitha ukuba sija-
bule ngawe; wenze izitha
zakho zaba namandla ka-
khulu.*

צ [*Tsade*]

18 Izinhliziyo zabantu ziyakha-
la kuJehova, O donga lwe-
ndodakazi yaseZiyoni.
Izinyembezi mazigeleze imi-
ni nobusuku njengomfu-
dlana.
Ungaziniki isikhathi soku-
phumula, iso* lakho mali-
ngaphumuli.

ISAHL. 2
a Jer 6:26
Hez 7:18
b IsiL 3:48
c Jer 14:17
d Jer 11:22
IsiL 2:19
IsiL 4:4
e Dut 28:49, 51
2Kh 25:3
Isay 3:1
Jer 18:21
f Jer 14:17
Dan 9:12
g Jer 30:12
h Jer 2:8
Jer 27:14
Hez 13:2, 3
i Jer 23:14

Uhla 2
a Jer 23:32
Jer 27:9
Mik 3:5
Zef 3:4
b Hez 25:2, 6
c 1Kh 9:8
Jer 25:9
d Hu 48:2
Hez 16:14
e Jer 51:34
f Mik 4:11
g Obad 13
h Jer 18:11
Mik 2:3
i 2Kh 23:27
j Lev 26:14, 17
Dut 28:15
k Hez 5:11

**2:11** *NgesiHebheru, "Isibindi sami sithululelwe phansi emhlabathini." #Isenzasamuntu esisankondlo, mhlawumbe esiveza uzwela.

**2:17** *NgesiHebheru, "uphakamise uphondo lwezitha zakho." **2:18** *NgesiHebheru, "indodakazi yeso lakho."

ק [*Qoph*]

19 Vuka! Khala kakhulu ubusuku bonke.
Thulula inhliziyo yakho njengamanzi phambi kobuso bukaJehova.
Phakamisela kuye izandla zakho ngenxa yokuphila kwezingane zakho,
Eziphelelwa ngamandla kuwo wonke amakhona emigwaqo* ngenxa yendlala.[a]

ר [*Resh*]

20 Bheka, Jehova, mbheke lowo omjezise kanzima.
Ingabe abesifazane kufanele baqhubeke bedla inzalo* yabo, abantwana ababazele,[b]
Noma ingabe abapristi nabaprofethi kufanele babulawelwe endlini engcwele kaJehova?[c]

ש [*Shin*]

21 Umfana nexhegu badindilize emigwaqweni.[d]
Izintombi zami nezinsizwa zami zibulewe ngenkemba.[e]
Ubulele ngosuku lwentukuthelo yakho; ubulale wangaba nabubele.[f]

ת [*Taw*]

22 Njengokungathi usuku lomkhosi,[g] uletha izinto ezingithusayo zivela nxazonke.
Ngosuku lolaka lukaJehova, akekho owaphunyuka noma owasinda;[h]
Isitha sami sababulala labo engabazala* ngabakhulisa.[i]

**2:19** *NgesiHebheru, "ekuqaleni kwayo yonke imigwaqo." **2:20** *Noma, "izithelo." **2:22** *Noma, "engabazala bephile kahle."

ISAHL. 2
a Isay 51:20; IsiL 4:9; Hez 5:16
b Lev 26:29; Dut 28:53; Jer 19:9; IsiL 4:10; Hez 5:10
c Hez 9:6, 7
d Dut 28:49, 50; 2Kr 36:17
e Jer 9:21; Jer 18:21
f Jer 13:14; Jer 21:7; IsiL 3:43; Hez 5:11; Hez 9:6
g Dut 16:16
h Zef 1:18
i Dut 28:18

Uhla 2

ISAHL. 3
a Dut 28:15, 29; Jer 13:16
b Isay 63:10
c Jer 8:14; Jer 9:15; IsiL 3:19
d Jer 39:7
e Hu 80:4; Hu 102:2; Isay 1:15; Mik 3:4
f Isay 63:17
g Job 38:39, 40; Hos 5:14; Amo 5:18, 19
h Jer 6:8; Jer 32:43

א [*Aleph*]

**3** Ngiyindoda ebone abantu behlupheka ngenxa yokuthi uNkulunkulu wathukuthela kakhulu wabe esesijezisa.
2 Ungixoshile wangenza ngahamba ebumnyameni, hhayi ekukhanyeni.[a]
3 Impela, isandla sakhe silwa nami usuku lonke.[b]

ב [*Beth*]

4 Ugugise inyama yami nesikhumba sami;
Uphule amathambo ami.
5 Ungivimbezele; ubangele ukuba kukhule utshani obunoshevu[c] nxazonke zami wangibiyela ngobunzima.
6 Ungiphoqe ukuba ngihlale ezindaweni ezimnyama, njengabantu abafa kudala.

ג [*Gimel*]

7 Ungibiyele ngodonga ukuze ngingaphunyuki;
Ungibophe ngezibopho zethusi ezisindayo.[d]
8 Lapho ngikhala ngicela usizo, akawulaleli* umthandazo wami.[e]
9 Uvimbe izindlela zami ngodonga lwamatshe asikiwe;
Imigwaqo yami uyigwegwisile.[f]

ד [*Daleth*]

10 Ungicuthele ukuze angihlasele njengebhere, njengebhubesi elicashile.[g]
11 Ungichezukisile ezindleleni, wangidwengula ngaba yizicucu;*
Ungenze ngasala dengwane.[h]
12 Ugobe umnsalo wakhe, uwubhekise kimi umcibisholo.

**3:8** *Noma, "uyawuvimba; uwuvalela ngaphandle." **3:11** *Noma kungaba, "wangenza ngaba yinto engelusizo lwalutho."

ה [*He*]
13 Ungigwaze izinso ngemi-
cibisholo* esesikhwameni
semicibisholo yakhe.
14 Ngibe yinhlekisa kubo bo-
nke abantu, bahlabelela
ngami usuku lonke.
15 Ungidlise* izinto ezibabayo,
wangiphuzisa nomhlo-
nyane.[a]

ו [*Waw*]
16 Uqhephula amazinyo ami
ngamatshe;
Ungenza ngithothobale
emlotheni.[b]
17 Ungincisha ukuthula; angi-
sakwazi okuhle.
18 Ngakho ngithi: "Ubuhle
bami bushabalele, kanye
nalokho engikulindele ku-
Jehova."

ז [*Zayin*]
19 Khumbula ukuhlupheka
kwami nokungabi kwami
nakhaya,[c] umhlonyane no-
shevu obababayo.[d]
20 Nakanjani uyokhumbula
wehlele kimi[e] ungibonise
umusa.
21 Ngiyakukhumbula lokhu
enhliziyweni yami; yinga-
kho ngizokulinda ngesi-
neke.[f]

ח [*Heth*]
22 Ngenxa yothando lukaJeho-
va oluqotho asizange si-
shabalale,[g]
Ngoba isihe sakhe asisoze
saphela.[h]
23 Siba sisha njalo ekuseni;[i]
uhlale ethembekile.[j]
24 Ngithe, "uJehova uyisabelo
sami,[k] yingakho ngizomli-
nda ngesineke."[l]

ט [*Teth*]
25 UJehova muhle kothembela
kuye,[m] kumuntu oqhube-
ka emfuna.[n]
26 Kuhle ukulindela insindiso
kaJehova[a] ngesineke.*[b]
27 Kuhle lapho umuntu ebhe-
kana nobunzima ebusheni
bakhe.[c]

י [*Yod*]
28 Makahlale yedwa athule
ngoba uNkulunkulu ubu-
vumele.[d]
29 Makazithobe ngokuphelele,
abeke ubuso bakhe othuli-
ni;[e] mhlawumbe lisekhona
ithemba.[f]
30 Makanike omshayayo isi-
hlathi sakhe; makasuthe
inhlamba.

כ [*Kaph*]
31 Ngoba uJehova ngeke asila-
hle unomphela.[g]
32 Nakuba ekuvumela ukuba
sihlupheke, uyophinde
abonise isihe ngokuchi-
chima kothando lwakhe
oluqotho.[h]
33 Ngoba akukho enhliziyweni
yakhe ukuba ahluphe
noma abangele amadoda-
na abantu usizi.[i]

ל [*Lamed*]
34 Ukunyathela komuntu zo-
nke iziboshwa zasemhla-
beni[j] ngaphansi kwezinya-
wo zakhe,
35 Ukungambonisi umuntu
ubulungisa phambi ko-
Phezukonke,[k]
36 Ukuphamba umuntu ecale-
ni lakhe lomthetho
—UJehova akazibekezeleli
izinto ezinjalo.

מ [*Mem*]
37 Ngubani-ke ongakhuluma
kwenzeke ngaphandle ko-
kuba uJehova ekuyala?
38 Emlonyeni woPhezukonke,
Akuphumi izinto ezimbi ne-
zinhle ndawonye.
39 Kungani umuntu* kufanele

ISAHL. 3
a Jer 9:15, Jer 23:15
b Hu 102:9, Jer 6:26
c Neh 9:32, Hu 137:1
d Jer 9:15, IsiL 3:5
e Hu 113:5-7
f Hu 130:6-8, Mik 7:7
g Ezr 9:8
h Neh 9:31, Jer 30:11, Mik 7:18
i Hu 30:5
j Dut 32:4, Hu 36:5
k Hu 16:5, Hu 73:26, Hu 142:5
l Hu 130:6-8
m Hu 25:3, Hu 130:5, Isay 25:9, Isay 30:18, Mik 7:7
n 1Kr 28:9, Isay 26:9, Zef 2:3

Uhla 2
a Hu 116:6
b Hu 37:7
c Hu 119:71
d Hu 39:8, 9, IsiL 3:39
e Hez 16:63
f Jow 2:12-14
g Jer 3:12, Jer 31:37, Jer 32:40, Mik 7:18
h Hu 30:5, Hu 103:9, 11, Isay 54:7, Jer 31:20
i Isay 55:7, Hez 33:11, 2Pe 3:9
j Hu 102:19, 20
k Hu 12:5, IzA 17:15

3:13 *NgesiHebheru, "ngamadodana." 3:15 *Noma, "Ungigcingce."
3:26 *Noma, "buthule." 3:39 *NgesiHebheru, "umuntu ophilayo."

akhononde ngemiphumela
yesono sakhe?[a]

נ [*Nun*]

40 Masihloleni izindlela zethu
sizicubungule,[b] sibuyele
kuJehova.[c]
41 Masincengeni uNkulunkulu
emazulwini[d] ngenhliziyo
engenabuzenzisi, siphakamise nezandla zethu, sithi:
42 "Sonile sadlubulunda,[e]
wena awuzange usithethelele.[f]

ס [*Samekh*]

43 Ngentukuthelo usivimbile
ukuba singasondeli;[g]
Usijahile wasibulala, awuzange usibonise isihe.[h]
44 Uvimbile ngamafu ukuba
kungasondelwa kuwe,
ukuze umthandazo wethu
ungadluli.[i]
45 Usenza sibe yimfucumfucu
nezibi phakathi kwezizwe."

פ [*Pe*]

46 Zonke izitha zethu zisenza
inhlekisa.[j]
47 Sihlale sesaba sivalelekile,[k]
sisele dengwane siyincithakalo.[l]
48 Amehlo ami ageleza imifudlana yamanzi ngenxa
yokuphuka kwendodakazi
yabantu bami.[m]

ע [*Ayin*]

49 Angiyeki ukukhala, angithuli,[n]
50 Kuze kube yilapho uJehova
ebheka phansi futhi ebona
esezulwini.[o]
51 Amehlo ami angilethele usizi, ngenxa yawo wonke
amadodakazi edolobha lakithi.[p]

צ [*Tsade*]

52 Izitha zami zingizingele
njengokungathi zizingela
inyoni ngaphandle kwesizathu.
53 Zizame ukungibulala; zaqhubeka zingijikijela ngamatshe.
54 Amanzi ageleze phezu kwekhanda lami, ngathi: "Kuphelile ngami!"

ק [*Qoph*]

55 O Jehova, ngimemeze igama lakho ngiphansi emgodini.[a]
56 Yizwa izwi lami; ungayivali
indlebe yakho lapho ngikhalela usizo, ukuze ngithole impumuzo.
57 Usondelile ngosuku engakubiza ngalo. Wathi: "Ungesabi."

ר [*Resh*]

58 O Jehova, uye wangimela
ecaleni lami, ukuhlengile
ukuphila kwami.[b]
59 O Jehova, ukubonile okubi
okwenziwe kimi; ngicela
ungenzele ubulungisa.[c]
60 Uyibonile yonke impindiselo yabo, lonke uzungu
abangakhele lona.

שׁ [*Sin*] noma [*Shin*]

61 O Jehova, ukuzwile ukukloloda kwabo, lonke uzungu
abangakhele lona,[d]
62 Amazwi alabo abaphikisana
nami nokungihleba kwabo
usuku lonke.
63 Babheke; lapho behleli nalapho bemile, bangenza
inhlekisa ngezingoma
zabo!

ת [*Taw*]

64 O Jehova, uyobabuyisela
ngokwezenzo zabo.
65 Uyobaqalekisa ngokubenza
babe nenhliziyo elukhuni.
66 Uyobajaha uthukuthele, Jehova, ubaqothule emhlabeni.

א [*Aleph*]

**4** Yeka indlela igolide elicwebezelayo eligqwale ngayo,
igolide elihle![e]
Yeka indlela amatshe

ISAHL. 3
a Hu 103:10; Mik 7:9
b Hag 1:5
c Dut 4:30; Isay 55:7; Jow 2:13
d Dut 4:29; 2Kr 7:14; 2Kr 34:27
e Neh 9:26
f 2Kh 24:3, 4; Dan 9:5, 12
g IzA 15:8
h Dut 4:26; IsiL 2:2; Hez 9:10
i Hu 80:4; IzA 15:29; IzA 28:9; Isay 1:15; Mik 3:4; Zak 7:13
j IsiL 2:16
k Dut 28:66, 67
l Isay 51:19; Jer 4:6
m Jer 9:1
n Jer 14:17; IsiL 1:16
o Hu 80:14; Hu 102:19-21; Isay 63:15
p Jer 11:22

Uhla 2
a Hu 130:1; Jon 2:1, 2
b Jer 50:34
c Jer 51:36, 37
d Hu 74:18

ISAHL. 4
e 1Kh 6:22

endawo engcwele[a] ahlaka-
zeke ngayo kuwo wonke
amakhona omgwaqo!*[b]

ב [*Beth*]

2 Ngokuqondene namadoda-
na ayigugu aseZiyoni, aye-
yigugu njengegolide* eli-
cwengiwe,
Yeka indlela asebhekwa
ngayo njengezimbiza zo-
bumba,
Umsebenzi wezandla zo-
mbumbi!

ג [*Gimel*]

3 Ngisho nezimpungushe zi-
yawancelisa amawundlu
azo,
Kodwa indodakazi yabantu
bami isinesihluku[c] njenge-
zintshe zasehlane.[d]

ד [*Daleth*]

4 Ulimi losana oluncelayo lu-
namathela olwangeni lwa-
lo ngenxa yokoma.
Abantwana bacela ukudla,[e]
kodwa akekho obanika
kona.[f]

ה [*He*]

5 Labo ababedla izibiliboco
balele emigwaqweni bela-
mbile.*[g]
Labo abakhula begqoka izi-
ngubo ezibizayo#[h] sebela-
la emlotheni.

ו [*Waw*]

6 Isijeziso* sendodakazi yaba-
ntu bami sikhulu kunesije-
ziso sesono seSodoma,[i]
Elagumbuqelwa ngomzu-
zwana, kungekho muntu
ozolisiza.[j]

ז [*Zayin*]

7 AmaNaziri[k] eZiyoni ayehla-
nzekile kuneqhwa, emhlo-
phe kunobisi.
Ayebomvu kakhulu kuna-
makhorali; ayenjengama-
safire acwebezelayo.

ח [*Heth*]

8 Asebukeka emnyama kune-
ntshede;*
Awasabonakali ngisho na-
semigwaqweni.
Isikhumba sawo somile,
amathambo ahleli obala;[a]
sesinjengogodo olomile.

ט [*Teth*]

9 Ababulewe ngenkemba ba-
ngcono kunalabo ababule-
we yindlala,[b]
Labo abaphelelwa amandla,
njengokungathi bagwa-
zwe ngenkemba ngenxa
yokuntuleka kokudla ema-
simini.

י [*Yod*]

10 Izandla zabesifazane aba-
nozwela zipheke abantwa-
na babo.[c]
Babe ngukudla kwabo* nge-
sikhathi sokuphuka kwe-
ndodakazi yabantu bami.[d]

כ [*Kaph*]

11 UJehova uluvezile ulaka
lwakhe;
Uyithululile intukuthelo ya-
khe evuthayo.[e]
Uthungela umlilo eZiyoni,
oshisa izisekelo zalo.[f]

ל [*Lamed*]

12 Amakhosi omhlaba nazo zo-
nke izakhamuzi zezwe azi-
zange zikholwe
Ukuthi abaphikisi nesitha
babeyongena emasangwe-
ni aseJerusalema.[g]

מ [*Mem*]

13 Kwakungenxa yezono zaba-
profethi balo, iziphambe-
ko zabapristi balo,[h]
Ababechitha igazi labalu-
ngile phakathi kwalo.[i]

---

**4:1** *NgesiHebheru, "ekuqaleni kwayo yonke imigwaqo." **4:2** *Noma, "ayeqhathaniswa negolide." **4:5** *NgesiHebheru, "bayadabukisa." #NgesiHebheru, "abakhuliswa ngezibomvu." **4:6** *NgesiHebheru, "Isiphambeko."

**4:8** *Noma, "kunamalahle; kunensizi." **4:10** *Noma, "ngukudla kwabo kokulila."

---

ISAHL. 4
a 1Kh 5:17
1Kh 7:9-12
b Jer 52:12, 13
c Lev 26:29
Dut 28:53-57
Jer 19:9
IsiL 4:10
d Job 39:14-16
e IsiL 1:11
IsiL 2:11, 12
f Jer 52:6
g Amo 6:4, 7
h Jer 6:2, 26
i Hez 16:48
j Gen 19:24, 25
Dan 9:12
k Num 6:2

Uhla 2
a Hu 102:5
b Jer 29:17
Jer 38:2
c Lev 26:29
IsiL 2:20
IsiL 4:3
d Dut 28:54-57
e Jer 6:11
Jer 7:20
Hez 22:31
f Dut 32:22
2Kh 25:9, 10
g Dut 29:24
1Kh 9:8
h Jer 5:31
Jer 14:14
Mik 3:11
Zef 3:4
i Jer 26:8
Mat 23:31
IzE 7:52

נ [*Nun*]

14 Bazulazule emigwaqweni
njengezimpumputhe.[a]
Bangcoliswe yigazi,[b]
Kangangokuba akekho
okwazi ukuthinta izingu-
bo zabo.

ס [*Samekh*]

15 Bayabamemeza bathi: "Ha-
mbani! Anihlanzekile!"
"Hambani! Hambani! Ni-
ngasithinti!"
Ngoba abasenalo ikhaya,
bayazulazula.
Abantu bezizwe bathe:
"Ngeke bakwazi ukuhlala
nathi.*[c]

פ [*Pe*]

16 UJehova ubahlakazile;*[d]
Ngeke esababonisa umusa.
Abantu ngeke besabahlo-
nipha abapristi,[e] ngeke ba-
wabonise umusa amadoda
amadala."[f]

ע [*Ayin*]

17 Ngisho namanje amehlo
ethu akhathele ngenxa yo-
kulindela usizo
olungafiki.[g]
Silufune salufuna usizo esi-
zweni esingeke sikwazi
ukusisindisa.[h]

צ [*Tsade*]

18 Basizingele[i] kangangokuba
asisakwazi ukuhamba ezi-
gcawini zethu.
Ukuphela kwethu kusonde-
le; izinsuku zethu zipheli-
le, ngoba ukuphela kwe-
thu kufikile.

ק [*Qoph*]

19 Ababesijaha babenejubane
kunezinkozi ezisesibhaka-
bhakeni.[j]
Basijaha ezintabeni; basicu-
thela ehlane.

ר [*Resh*]

20 Umoya esiwuphefumulayo,
ogcotshiwe kaJehova,[a]
ubanjiwe emgodini wabo
omkhulu,[b]
Lowo esithe ngaye: "Sizo-
hlala emthunzini wakhe
phakathi kwezizwe."

שׂ [*Sin*]

21 Yethaba futhi ujabule ndo-
dakazi yakwa-Edomi,[c] nje-
ngoba nje uhlala ezweni
lase-Uze.
Kodwa indebe izodlula na-
ngakuwe,[d] uzodakwa uha-
mbe nqunu.[e]

ת [*Taw*]

22 O ndodakazi yaseZiyoni, isi-
jeziso sesono sakho sesifi-
nyelele ekupheleni.
Ngeke aphinde* akuyise
ekudingisweni.[f]
Kodwa uNkulunkulu uzo-
kwahlulela ngenxa yezi-
phambeko zakho, ndoda-
kazi yakwa-Edomi.
Uzozembula izono zakho.[g]

**5** O Jehova, khumbula lokho
okusehlele.
Bheka ubone ihlazo lethu.[h]
2 Ifa lethu linikwe izihambi,
izindlu zethu zanikwa izi-
fiki.[i]
3 Sesiyizintandane ezingena-
baba; omama bethu banje-
ngabafelokazi.[j]
4 Kumele sikhokhe ukuze si-
phuze amanzi ethu,[k] nezi-
nkuni zethu siyazithenga.
5 Abasijahayo basezithendeni
zethu;
Sikhathele, kodwa asiku-
tholi ukuphumula.[l]
6 Sincike eGibhithe[m] nase-
Asiriya,[n] ukuze sithole
ukudla okwanele.
7 Okhokho bethu abona

ISAHL. 4
*a* Dut 28:28; Zef 1:17
*b* Isay 1:15; Jer 2:34
*c* Dut 28:25, 65
*d* Lev 26:33; Dut 28:64; Jer 24:9
*e* 2Kh 25:18, 21
*f* IsiL 5:12; Hez 9:6
*g* IsiL 1:19
*h* Jer 37:7; Hez 29:6
*i* 2Kh 25:5; IsiL 3:52
*j* Dut 28:49, 50; Isay 5:26; Jer 4:13; Hab 1:8

Uhla 2
*a* Jer 37:1
*b* 2Kh 25:5, 6; Jer 39:5
*c* Hu 137:7; Obad 12
*d* Jer 25:17, 20; Obad 16
*e* Jer 49:10, 12
*f* Lev 26:44; Isay 52:1; Isay 60:18
*g* Isay 34:5; Hez 25:13; Hez 35:15; Amo 1:11; Obad 13

ISAHL. 5
*h* Hu 79:4; IsiL 2:15
*i* Dut 28:30; Hu 79:1; Jer 6:12; Zef 1:13
*j* Eks 22:24; Jer 18:21
*k* Dut 28:15, 48; Isay 3:1; Hez 4:11, 16
*l* Dut 28:65
*m* Isay 30:2; Jer 44:12; Hez 17:17, 18
*n* 2Kr 28:16; Jer 2:18, 36

**4:15** * Noma, "ukuhlala lapha njengezifiki." **4:16** * NgesiHebheru, "Ubuso bukaJehova bubahlakazile."

**4:22** * Noma, "Akekho oyophinde."

abasekho, kodwa thina
kumele sithwale iziphambeko zabo.
8 Sesibuswa yizinceku; akekho ongasikhulula esandleni sazo.
9 Sibeka ukuphila kwethu engozini ukuze sithole ukudla,[a] ngenxa yalabo abasehlane abaphethe izinkemba.
10 Isikhumba sethu sesishisa njengesithando somlilo ngenxa yendlala.[b]
11 Babahlazile* abafazi base-Ziyoni, izintombi zasemadolobheni akwaJuda.[c]
12 Izikhulu zilengiswe ngesandla sazo,[d] namadoda amadala awazange ahlonishwe.[e]
13 Izinsizwa zithwele itshe lokugaya, nabafana bayawa ngenxa yokusindwa yizinkuni.
14 Amadoda amadala awasekho esangweni ledolobha;[f] izinsizwa azisawudlali umculo wazo.[g]
15 Injabulo ayisekho ezinhliziyweni zethu; ukudansa kwethu sekuphenduke ukukhala.[a]
16 Umqhele uwile ekhanda lethu. Maye kithi, ngoba sonile!
17 Ngenxa yalokhu inhliziyo yethu isezinhlungwini,[b]
Nangenxa yalezi zinto amehlo ethu awasaboni kahle,[c]
18 Ngenxa yeNtaba iZiyoni eyenziwe incithakalo;[d] izimpungushe sezihamba kuyo.
19 Kepha wena Jehova, uhleli esihlalweni sakho sobukhosi kuze kube phakade.
Ubukhosi bakho bungobaphakade.[e]
20 Kungani usikhohlwa kuze kube phakade, usishiya isikhathi eside kangaka?[f]
21 O Jehova, sibuyisele kuwe, sizobuya ngokushesha.[g]
Yenza izinsuku zethu zibe njengakuqala.[h]
22 Nokho, usilahle ngokuphelele.
Usasithukuthelele kakhulu.[i]

5:11 *Noma, "Badlwengule."

ISAHL. 5
a Hez 4:10
b 2Kh 25:3; IsiL 4:8
c Dut 28:30
d Jer 39:6
e Isay 47:6; Jer 6:11; IsiL 4:16
f Jos 20:4
g Jer 25:10

Uhla 2
a Amo 8:10
b IsiL 1:22
c Dut 28:65
d Jer 26:18
e Hu 102:12; Hu 145:13; Hu 146:10
f Hu 79:5; Jer 14:19
g Dut 4:30; Hu 80:3; Hu 85:4; Jer 31:18
h Jer 33:13
i Dut 28:15

# UHEZEKELI

## UHLU LOKUPHAKATHI


1 UHezekeli ubona imibono kaNkulunkulu eBhabhiloni (1-3)
Umbono wenqola kaJehova yasezulwini (4-28)
Isiphepho, ifu nomlilo (4)
Izidalwa ezine eziphilayo (5-14)
Amasondo amane (15-21)
Umkhathi ocwebezela njengeqhwa (22-24)
Isihlalo sobukhosi sikaJehova (25-28)

2 UHezekeli uthunywa njengomprofethi (1-10)
"Kungakhathaliseki ukuthi bayalalela noma cha" (5)
Waboniswa umqulu wezingoma zokulila (9, 10)

3 UHezekeli kumele adle umqulu awunikwe uNkulunkulu (1-15)
UHezekeli kumele abe umlindi (16-27)

Ukunganaki kuholela ekubeni necala legazi (18-21)

4 Kufanekiselwa ukuvinjezelwa kweJerusalema (1-17)
Icala liyothwalwa izinsuku ezingu-390 nezinsuku ezingu-40 (4-7)

5 Kufanekiselwa ukuwa kweJerusalema (1-17)
Izinwele zomprofethi ezigundiwe zihlukaniswa zibe izingxenye ezintathu (1-4)
IJerusalema libi ngaphezu kwezinye izizwe (7-9)
Izindlela ezintathu okusingathwa ngazo abadlubulundayo (12)

6 Ngokumelene nezintaba zakwa-Israyeli (1-14)
Izithixo ezinyanyekayo zizophihlizwa (4-6)
"Nizokwazi ukuthi ngiinguJehova" (7)

7 Ukuphela kufikile (1-27)
Inhlekelele engavamile (5)
Imali iphonswa emigwaqweni (19)
Ithempeli lizongcoliswa (22)

8 UHezekeli uyiswa eJerusalema ngombono (1-4)
Kubonakala izinto ezinengekayo ethempelini (5-18)
Abesifazane bakhalela uTamuzi (14)
Amadoda akhothamela ilanga (16)

9 Ababulali abayisithupha nendoda yophondo lukayinki (1-11)
Ukwahlulela kuyoqala endlini engcwele (6)

10 Kuthathwa umlilo phakathi kwamasondo (1-8)
Kuchazwa amakherubi namasondo (9-17)
Inkazimulo kaNkulunkulu iyasuka ethempelini (18-22)

11 Izikhulu ezimbi ziyalahlwa (1-13)
Idolobha lifaniswa nebhodwe lokupheka (3-12)
Isithembiso sokubuyiselwa (14-21)
Banikezwa "umoya omusha" (19)
Inkazimulo kaNkulunkulu iyasuka eJerusalema (22, 23)
UHezekeli ubuyela eKhalideya ngombono (24, 25)

12 Ukudingiswa kubikezelwa ngezenzo ezingokomfanekiso (1-20)
Umthwalo wasekudingisweni (1-7)
Isikhulu siyohamba ngobumnyama (8-16)
Isinkwa sokukhathazeka, amanzi okwesaba (17-20)
Isaga esikhohlisayo asibanga iqiniso (21-28)
"Engikushoyo kuyokwenziwa ngokushesha" (28)

13 Ngokumelene nabaprofethi bamanga (1-16)
Izindonga ezicakiwe zizowa (10-12)
Ngokumelene nabaprofethikazi bamanga (17-23)

14 Abakhonza izithombe bayalahlwa (1-11)
Ukwahlulelwa kweJerusalema akunakubalekelwa (12-23)
UNowa, uDaniyeli noJobe abalungile (14, 20)

15 IJerusalema, isihlahla samagilebhisi esingenamsebenzi walutho (1-8)

16 Ukuthanda kukaNkulunkulu iJerusalema (1-63)
Latholwa njengengane elahliwe (1-7)
UNkulunkulu uyalihlobisa, enze isivumelwano somshado nalo (8-14)
Alithembeki (15-34)
Liyahlulelwa njengesiphingi (35-43)
Liqhathaniswa neSamariya neSodoma (44-58)
UNkulunkulu ukhumbula isivumelwano sakhe (59-63)

17 Isiphicaphicwano sezinkozi ezimbili nesihlahla samagilebhisi (1-21)
Isithombo esithambile siyoba umsedari omkhulu (22-24)

18 Ngamunye uyozithwalela izono zakhe (1-32)
Umphefumulo owonayo uyokufa (4)
Indodana ngeke ibe necala ngenxa yesono sikayise (19, 20)
Angijabuli ngokufa komuntu omubi (23)
Ukuphenduka kulonda ukuphila (27, 28)

19 Ingoma yokulila yezikhulu zakwa-Israyeli (1-14)

20 Umlando wokudlubulunda kuka-Israyeli (1-32)
U-Israyeli uthenjiswa ukuthi uzobuyiselwa (33-44)

Isiprofetho ngokumelene neningizimu (45-49)

21 Kukhishwa inkemba kaNkulunkulu yokwahlulela emgodleni wayo (1-17)
Inkosi yaseBhabhiloni iyohlasela iJerusalema (18-24)
Isikhulu esikhohlakele sakwa-Israyeli sizosuswa (25-27)
‘Susa umqhele’ (26)
“Aze afike lowo onelungelo elingokomthetho” (27)
Inkemba imelene nabakwa-Amoni (28-32)

22 IJerusalema, idolobha elinecala legazi (1-16)
U-Israyeli unjengodoti ongenamsebenzi (17-22)
Kulahlwa abaholi nabantu bakwa-Israyeli (23-31)

23 Izelamani ezimbili ezingathembekile (1-49)
U-Ohola ne-Asiriya (5-10)
U-Oholiba neBhabhiloni neGibhithe (11-35)
Ukujeziswa kwezelamani ezimbili (36-49)

24 IJerusalema linjengebhodwe lokupheka eligqwalile (1-14)
Ukufa komkaHezekeli kuwuphawu (15-27)

25 Isiprofetho ngokumelene no-Amoni (1-7)
Isiprofetho ngokumelene noMowabi (8-11)
Isiprofetho ngokumelene no-Edomi (12-14)
Isiprofetho ngokumelene neFilistiya (15-17)

26 Isiprofetho ngokumelene neThire (1-21)
“Igceke lokweneka amanetha okudoba” (5, 14)
Amatshe nenhlabathi kuphonswa emanzini (12)

27 Ingoma yokulilela umkhumbi ocwilayo waseThire (1-36)

28 Isiprofetho ngokumelene nenkosi yaseThire (1-10)
“Ngingunkulunkulu” (2, 9)
Ingoma yokulilela inkosi yaseThire (11-19)
“Wawuse-Edene” (13)
“Ikherubi eligcotshiwe eliyisivikelo” (14)
‘Kwatholakala ukungalungi kuwe’ (15)
Isiprofetho ngokumelene neSidoni (20-24)
Kuzobuyiselwa u-Israyeli (25, 26)

29 Isiprofetho ngokumelene noFaro (1-16)
IGibhithe lizonikelwa eBhabhiloni libe imbuyiselo (17-21)

30 Isiprofetho ngokumelene neGibhithe (1-19)
Kubikezelwa ukuhlasela kukaNebukhadinezari (10)
Kuqedwa amandla kaFaro (20-26)

31 Ukuwa kweGibhithe, umsedari omkhulu (1-18)

32 Ingoma yokulilela uFaro neGibhithe (1-16)
AbaseGibhithe bangcwatshwa nabangasokile (17-32)

33 Imisebenzi yomlindi (1-20)
Izindaba ezimayelana nokuwa kweJerusalema (21, 22)
Umyalezo oya kubantu abasezindaweni ezibhuqiwe (23-29)
Abantu abawulaleli umyalezo (30-33)
UHezekeli “ufana nengoma yothando” (32)
“Bekukhona umprofethi phakathi kwabo” (33)

34 Isiprofetho ngabelusi bakwa-Israyeli (1-10)
UJehova unakekela izimvu zakhe (11-31)
“Inceku yami uDavide” iyozelusa (23)
“Isivumelwano sokuthula” (25)

35 Isiprofetho ngezintaba zaseSeyiri (1-15)

36 Isiprofetho esimayelana nezintaba zakwa-Israyeli (1-15)
Ukubuyiselwa kuka-Israyeli (16-38)
“Ngizolingcwelisa igama lami elikhulu” (23)
“Selifana nensimu yase-Edene” (35)

37 Umbono wesigodi samathambo omile (1-14)
Kuzohlanganiswa izinduku ezimbili (15-28)
Isizwe esisodwa ngaphansi kwenkosi eyodwa (22)
Isivumelwano sokuthula saphakade (26)

38 UGogi uhlasela u-Israyeli (1-16)
Ulaka lukaJehova ngoGogi (17-23)

'Izizwe ziyokwazi ukuthi nginguJehova' (23)

39 Ukubhujiswa kukaGogi namasosha akhe (1-10)
Ukungcwatshwa eSigodini SaseHamoni-Gogi (11-20)
Ukubuyiselwa kuka-Israyeli (21-29)
Umoya kaNkulunkulu uthululelwa phezu kuka-Israyeli (29)

40 UHezekeli ulethwa kwa-Israyeli ngombono (1, 2)
UHezekeli ubona umbono wethempeli (3, 4)
Amagceke namasango (5-47)
Isango elingaphandle lasempumalanga (6-16)
Igceke elingaphandle; amanye amasango (17-26)
Igceke elingaphakathi namasango (27-37)
Amagumbi emisebenzi yasethempelini (38-46)
I-altare (47)
Umpheme wethempeli (48, 49)

41 Igumbi eliNgcwele neliNgcwelengcwele lethempeli (1-4)
Udonga namagumbi asemaceleni (5-11)
Isakhiwo esisentshonalanga (12)
Kukalwa izakhiwo (13-15a)
Ingaphakathi legumbi eliNgcwele neliNgcwelengcwele (15b-26)

42 Amagumbi okudlela (1-14)
Kukalwa izinhlangothi ezine zethempeli (15-20)

43 Inkazimulo kaJehova igcwala ethempelini (1-12)
I-altare (13-27)

44 Isango elisempumalanga liyohlale livaliwe (1-3)
Iziqondiso ezimayelana nabantu bakwezinye izizwe (4-9)
Iziqondiso zamaLevi nabapristi (10-31)

45 Umnikelo ongcwele nedolobha (1-6)
Isabelo sesikhulu (7, 8)
Izikhulu kufanele zithembeke (9-12)
Iminikelo yabantu nesikhulu (13-25)

46 Iminikelo yangezikhathi ezithile (1-15)
Ifa lendawo yesikhulu (16-18)
Izindawo zokubilisela iminikelo (19-24)

47 Umfudlana ogeleza uvela ethempelini (1-12)
Amanzi aya ngokuya ejula (2-5)
Amanzi oLwandle Olufile enziwa abe mtoti (8-10)
Izindawo ezinamanzi amaningi azishintshi (11)
Izihlahla zokudla nokwelapha (12)
Imingcele yezwe (13-23)

48 Ukuhlukaniswa kwezwe (1-29)
Amasango edolobha angu-12 (30-35)
Idolobha liqanjwa ngokuthi "uJehova Ulapho" (35)

---

**1** Ngonyaka ka-30, ngosuku
lwesihlanu enyangeni yesi-
ne, ngesikhathi ngiphakathi
kwabantu abadingisiwe[a] nga-
semfuleni iKhebari,[b] amazulu
avuleka, ngaqala ukubona imi-
bono kaNkulunkulu. **2** Ngo-
suku lwesihlanu lwenyanga
—okungukuthi, ngonyaka wesi-
hlanu wokudingiswa kweNkosi
uJehoyakini[c]— **3** izwi likaJe-
hova lafika kuHezekeli* indo-
dana kaBuzi umpristi ngase-
mfuleni iKhebari ezweni la-
maKhaledi.[a] Isandla sikaJeho-
va saba phezu kwakhe kuleyo
ndawo.[b]
**4** Njengoba ngangibona
umbono, ngabona isiphe-
pho[c] sivela enyakatho, kwa-
kukhona nefu elikhulu no-
mlilo ogqamukayo*[d] uzunge-
zwe ukukhanya okukhulu, pha-
kathi komlilo kukhona okuthi-
le okunjengegolide elixu-
tshwe nesiliva.[e] **5** Phakathi
kwawo kwakukhona okwakufa-
na nezidalwa ezine eziphilayo,[f]

1:3 *Incazelo: "UNkulunkulu Uyaqinisa."

1:4 *Noma, "nombani."

ISAHL. 1
a 2Kh 24:12, 14
b Hez 3:15
c 2Kr 36:9, 10

Uhla 2
a Jer 22:25
b Hez 3:14
c 1Kh 19:11
d Eks 19:18
Hu 97:2, 3
e Hez 8:2
f Hez 10:9, 15
IsA 4:6

isidalwa ngasinye sasibukeka
njengomuntu. **6** Ngasinye sa-
sinobuso obune namaphiko
amane.[a] **7** Izinyawo zazo za-
ziqondile, ngaphansi izinyawo
zazo zazifana nezethole, za-
zicwebezela njengokubenyeze-
la kwethusi elipholishiwe.[b]
**8** Zazinezandla zomuntu nga-
phansi kwamaphiko azo kuzo
zonke izinhlangothi zazo ezi-
ne, zozine zazinobuso nama-
phiko. **9** Amaphiko azo aye-
thintana. Zazingaphenduki la-
pho zihamba; Ngasinye sasiha-
mba siqonde ngqo phambili.[c]

**10** Ubuso bazo babubukeka
kanje: Isidalwa ngasinye sasi-
nobuso bomuntu nobuso be-
bhubesi[d] ngakwesokudla, ubu-
so benkunzi[e] ngakwesobunxe-
le futhi isidalwa ngasinye sa-
sinobuso[f] bokhozi.[g] **11** Babu-
njalo ubuso bazo. Amaphiko
azo ayelulekele phezulu. Ngasi-
nye sasinamaphiko amabili
athintanayo namaphiko amabi-
li amboze imizimba yazo.[h]

**12** Ngasinye sasihamba si-
qonde ngqo phambili, siye no-
maphi lapho umoya usihole-
la khona.[i] Zazingaphenduki la-
pho zihamba. **13** Izidalwa ezi-
philayo zazibukeka njengama-
lahle avuthayo, okuthile okwa-
kubukeka njengezibani zomli-
lo kwakuya emuva naphambi-
li phakathi kwezidalwa eziphi-
layo, futhi kwakubanika umba-
ni emlilweni.[j] **14** Lapho izida-
lwa eziphilayo ziya phambili zi-
phinde zibuye, ukuhamba kwa-
zo kwakunjengokubanika ko-
mbani.

**15** Njengoba ngangibuka lezi
zidalwa eziphilayo, ngabo-
na isondo elilodwa emhlabe-
ni eceleni kwesidalwa esiphila-
yo ngasinye esinobuso obu-
ne.[k] **16** Amasondo nokwakhe-
ka kwawo kwakubonakala ku-
cwebezela njengekhrisolithe,
womane ayefana. Ukubukeka
nokwakheka kwawo kwakubo-
nakala sengathi isondo liphaka-
thi kwelinye isondo. **17** Lapho
ehamba, ayekwazi ukuya noma-
phi ezinhlangothini ezine ko-
dwa angaphenduki. **18** Izinsi-
mbi zawo zaziphakeme kakhu-
lu ngendlela emangalisayo futhi
izinsimbi zawo womane zazi-
gcwele amehlo yonke indawo.[a]
**19** Noma nini lapho izidalwa
eziphilayo zihamba, amasondo
ayehamba kanye nazo, futhi la-
pho izidalwa eziphilayo zipha-
kanyiswa emhlabeni, amasondo
nawo ayephakama.[b] **20** Zaziya
nomaphi lapho umoya uziholela
khona, nomaphi lapho umoya
wawuya khona. Amasondo aye-
phakanyiswa kanye nazo, ngo-
ba umoya osebenza ezidalwe-
ni eziphilayo* wawusebenza na-
semasondweni. **21** Lapho zi-
hamba, nawo ayehamba; lapho
zima, nawo ayema; lapho zi-
phakanyiswa emhlabeni, nama-
sondo ayephakanyiswa kanye
nazo, ngoba umoya osebenza
ezidalweni eziphilayo wawuse-
benza nasemasondweni.

**22** Phezu kwamakhanda ezi-
dalwa eziphilayo kwakukho-
na okufana nomkhathi okwaku-
cwebezela njengeqhwa elima-
ngalisayo, kwendlaleke phezu
kwamakhanda azo.[c] **23** Nga-
phansi komkhathi amaphiko
azo ayeqondile,* elinye lelule-
kele kwelinye. Ngasinye sasina-
maphiko amabili amboze uhla-
ngothi olulodwa lwemizimba
yazo namanye amabili amboze
olunye uhlangothi. **24** Lapho
ngizwa umsindo wamaphiko
azo, wawuzwakala njengomsi-
ndo wamanzi ahazayo, njengo-

ISAHL. 1
a Isay 6:2; Hez 10:20, 21; IsA 4:8
b Dan 10:5, 6
c Hez 10:11, 15
d 2Sa 17:10; IzA 28:1
e IzA 14:4
f Hez 10:14, 15; IsA 4:7
g Job 39:27, 29
h Isay 6:2
i Hu 103:20; Heb 1:7, 14
j Dan 7:9, 10
k Hez 10:9-13; IsA 4:7

Uhla 2
a IzA 15:3; Zak 4:10
b Hez 10:15-17
c Hez 10:1

**1:20** *NgesiHebheru, "umoya wesidalwa esiphilayo." **1:23** *Noma kungaba, "ayelulekele ngaphandle eqondile."

msindo woMninimandla Onke.[a]
Lapho zihamba, umsindo wazo
wawunjengomsindo webutho.
Lapho zima, zaziwehlisa ama-
phiko azo.
25 Kwakukhona izwi nga-
phezu komkhathi, phezu kwa-
makhanda azo. (Lapho zima,
zaziwehlisa amaphiko azo.)
26 Ngaphezu komkhathi owa-
wuphezu kwamakhanda azo
kwakukhona okuthile okwaku-
bukeka njengetshe lesafire,[b]
kufana nesihlalo sobukhosi.[c]
Owayehlezi esihlalweni so-
bukhosi esingaphezulu kwaku-
ngothile owayebukeka njengo-
muntu.[d] 27 Ngabona okuthi-
le okwakucwebezela njengego-
lide elixutshwe nesiliva[e] kunje-
ngomlilo ophuma kokwakubo-
nakala kuwukhalo lwakhe kuya
phezulu; kusukela okhalweni
lwakhe kwehle, ngabona oku-
thile okunjengomlilo.[f] Wayezu-
ngezwe ukukhanya okukhulu
28 okunjengokothingo[g] oluse-
fwini ngosuku lwemvula. Kwa-
kubonakala kanjalo ukukha-
nya okukhulu okwakunxazo-
nke. Kwakufana nenkazimulo
kaJehova.[h] Lapho ngikubo-
na, ngaguqa ngakhothama,
ngezwa izwi lomuntu okhulu-
mayo.

**2** Wathi kimi: "Ndodana yo-
muntu,* sukuma ume nge-
zinyawo ukuze ngikhulume
nawe."[i] 2 Ngesikhathi ekhulu-
ma nami, umoya wangena kimi
wangenza ngama ngezinyawo[j]
ukuze ngizwe Lowo owayekhu-
luma nami.
3 Wabe esethi kimi: "Ndo-
dana yomuntu, ngikuthuma ku-
bantu bakwa-Israyeli,[k] ezizwe-
ni ezidlubulundayo eziye za-
dlubulunda kimi.[a] Bona nokho-
kho babo bonile kimi kuze
kube namuhla.[b] 4 Ngikuthu-
ma emadodaneni adelelayo na-
nezinhliziyo ezilukhuni,[c] ku-
mele uthi kuwo, 'Yilokhu iNko-
si EnguMbusi uJehova ekusho-
yo.' 5 Kodwa bona, kunga-
khathaliseki ukuthi bayalale-
la noma cha—ngoba bangaba-
ntu abadlubulundayo[d]—naka-
njani bayokwazi ukuthi umpro-
fethi ubephakathi kwabo.[e]
6 "Kodwa wena ndodana yo-
muntu ungabesabi,[f] ungawesa-
bi amazwi abo ngisho noma
uzungezwe ameva*[g] futhi uhla-
la phakathi kofezela. Ungawe-
sabi amazwi abo[h] futhi unge-
thuswa ubuso babo,[i] ngoba
bangabantu abadlubulundayo.
7 Kumele ukhulume amazwi
ami kubo, kungakhathalise-
ki ukuthi bayalalela noma cha,
ngoba bayadlubulunda.[j]
8 "Kodwa wena ndodana yo-
muntu, lalela lokho engiku-
tshela kona. Ungadlubulundi
njengalaba bantu abadlubulu-
ndayo. Vula umlomo wakho
udle engikunika kona."[k]
9 Lapho ngibuka, ngabona
isandla selulelwe kimi,[l] ngabo-
na umqulu obhaliwe* kuso.[m]
10 Lapho ewuvula phambi
kwami, wawubhalwe ngemu-
va nangaphambili.[n] Kuwo kwa-
kubhalwe izingoma zokulila, ne-
zinto ezazenza abantu bakhale
futhi baklabalase.[o]

**3** Wabe esethi kimi: "Ndoda-
na yomuntu, yidla okupha-
mbi kwakho.* Yidla lo mqulu,
uhambe, ukhulume nendlu ka-
Israyeli."[p]

ISAHL. 1
a Hu 29:3 Hez 43:2 IsA 14:2
b Eks 24:10 Hu 96:6 Hez 10:1
c 1Kh 22:19 Hu 99:1 Isay 6:1 IsA 4:2
d Dan 7:9
e Hez 8:2
f Dut 4:24 Hu 104:1, 2
g IsA 4:3
h Eks 24:16, 17 Hez 8:4

ISAHL. 2
i Dan 10:11
j Hez 3:24
k 2Kr 36:15 Hez 33:7

Uhla 2
a Isay 1:4 Jer 16:12
b Dut 9:24 Hu 78:8 Jer 3:25 IzE 7:51
c Hez 3:7
d Hez 12:2
e Hez 3:11 Hez 33:4, 15 Hez 33:33 Joh 15:22 IzE 20:26
f 2Kh 1:15 Luk 12:4
g Mik 7:4
h Isay 51:7
i Jer 1:8 Hez 3:9
j Jer 1:17
k Jer 15:16 IsA 10:9, 10
l Jer 1:9
m Hez 3:1
n IsA 5:1
o Hez 19:1

ISAHL. 3
p IsA 10:9, 10

**2:1** *"Ndodana yomuntu"; le nkulumo evela izikhathi ezingu-93 encwadini ka-Hezekeli ivela okokuqala.

**2:6** *Noma kungaba, "ngisho noma abantu benenkani futhi befana nezinto ezikuhlabayo." **2:9** *Noma, "umqulu wencwadi." **3:1** *NgesiHebheru, "okutholayo."

**2** Ngakho ngawuvula umlo-
mo wami, wangenza ngadla lo
mqulu. **3** Wathi kimi: “Ndoda-
na yomuntu, yidla lo mqu-
lu engikunika wona, ugcwali-
se isisu sakho ngawo.” Ngakho
ngawudla, wawumnandi nje-
ngoju emlonyeni wami.[a]

**4** Wathi kimi: “Ndodana yo-
muntu, hamba uye endlini ka-
Israyeli, ukhulume amazwi ami
kuyo. **5** Ngoba awuthunywa
kubantu abakhuluma ulimi olu-
ngaqondakali noma abanolimi
olungaziwa, kodwa uthunywa
endlini ka-Israyeli. **6** Awuthu-
nywa ezizweni eziningi ezikhu-
luma ulimi olungaqondakali
noma ulimi olungaziwa, onge-
ke uwaqonde amazwi azo. Uku-
be bengikuthume kuzo, bezizo-
kulalela.[b] **7** Kodwa indlu ka-
Israyeli yona ngeke ikulalele,
ngoba ayifuni ukungilalela.[c]
Bonke abendlu ka-Israyeli ba-
namakhanda alukhuni nezi-
nhliziyo ezilukhuni.[d] **8** Bhe-
ka! Ngenze ubuso bakho ba-
qina bafana ncamashi nobu-
so babo nesiphongo sakho sa-
qina safana ncamashi nezipho-
ngo zabo.[e] **9** Ngenze isipho-
ngo sakho safana nedayimane,
saba lukhuni kunetshe eliciji-
le.[f] Ungabesabi noma wethu-
swe ubuso babo,[g] ngoba banga-
bantu abadlubulundayo.”

**10** Waphinde wathi kimi:
“Ndodana yomuntu, lalela wo-
nke amazwi engiwasho kuwe,
uwafake enhliziyweni. **11** Ha-
mba uye kubantu* bakini aba-
dingisiwe,[h] ukhulume nabo.
Uthi kubo, ‘Yilokhu iNkosi
EnguMbusi uJehova ekushoyo,’
kungakhathaliseki ukuthi ba-
yalalela noma cha.”[i]

**12** Umoya wangithwala,[j] nge-
zwa umsindo wokuduma oku-
khulu ngemva kwami othi:
“Kwangathi inkazimulo kaJeho-
va ingadunyiswa endaweni ya-
khe.” **13** Kwakuzwakala umsi-
ndo wamaphiko ezidalwa eziphi-
layo njengoba ayelokhu ethinta-
na,[a] umsindo wamasondo eduze
kwazo[b] kanye nomsindo woku-
duma okukhulu. **14** Umoya
wangithwala wangithatha, nga-
hamba umoya wami umunyu fu-
thi ngithukuthele kakhulu, nge-
zwa amandla kaJehova esebe-
nza kakhulu kimi. **15** Ngakho
ngaya kubantu ababedingisiwe
eTheli-abibi, ababehlala ngase-
mfuleni iKhebari,[c] ngahlala la-
pho ababehlala khona; ngithuki-
le,[d] ngahlala nabo izinsuku ezi-
yisikhombisa.

**16** Ekupheleni kwezinsuku
eziyisikhombisa izwi likaJeho-
va lafika kimi, lithi:

**17** “Ndodana yomuntu, ngi-
kwenze umlindi endlini ka-
Israyeli;[e] lapho uzwa izwi eli-
phuma emlonyeni wami, ku-
mele ubanike isixwayiso esive-
la kimi.[f] **18** Lapho ngithi ko-
mubi, ‘Uzofa nakanjani,’ kodwa
wena ungamxwayisi, ungakhu-
lumi uxwayise omubi ukuba
aphenduke endleleni yakhe
embi ukuze aqhubeke ephila,[g]
lowo muntu uyofa ngenxa ye-
sono sakhe ngoba emubi,[h] ko-
dwa igazi lakhe ngiyolifuna
kuwe.*[i] **19** Kodwa uma um-
xwayisa omubi, yena angaphe-
nduki ebubini bakhe nasendle-
leni yakhe embi, uyofa nge-
nxa yesono sakhe, kodwa wena
nakanjani uyokusindisa uku-
phila kwakho.[j] **20** Kodwa la-
pho olungile eshiya ukulunga
kwakhe enze okubi,* ngiyobe-
ka isikhubekiso phambi kwa-
khe afe.[k] Uma ungamxwayisa-

---

**3:11** *NgesiHebheru, “emadodaneni abantu.”

**3:18** *Noma, “ngiyokwenza ulandise ngegazi lakhe.” **3:20** *Noma, “okungenabulungisa.”

---

ISAHL. 3
- a Hu 119:103, Jer 15:16, IsA 10:9, 10
- b Jon 3:4, 5, Mat 11:21
- c Luk 10:16
- d Eks 34:9, Jer 3:3, Jer 5:3
- e Jer 1:18, 19, Jer 15:20, Mik 3:8
- f Isay 50:7
- g Jer 17:18
- h 2Kh 24:12, 14
- i Hez 2:5
- j Hez 8:3

Uhla 2
- a Hez 1:24
- b Hez 10:16
- c Hez 1:3
- d Jer 23:9
- e Isay 21:8, Isay 62:6, Jer 6:17
- f Isay 58:1, Hez 33:7
- g IzE 2:40, 1Ti 4:16
- h Hez 33:4
- i Hez 33:8
- j Hez 33:9, IzE 18:6, IzE 20:26
- k Hez 18:24, 26, Hez 33:12, 18

nga, uyofa ngenxa yesono sa-
khe, izenzo zakhe ezilungile
ngeke zikhunjulwe, kodwa iga-
zi lakhe ngiyolifuna kuwe.*[a]
21 Kodwa uma umxwayisile
olungile ukuba angoni, bese
naye angoni, nakanjani uyo-
qhubeka ephila ngoba wa-
xwayiswa,[b] uyobe ukusindisile
ukuphila kwakho.”
22 Isandla sikaJehova saba
phezu kwami lapho, wathi
kimi: “Sukuma uye esigodi-
ni, ngizokhuluma nawe lapho.”
23 Ngakho ngasukuma ngaya
esigodini, futhi lapho kwaku-
khona inkazimulo kaJehova,[c]
injengenkazimulo engayibona
ngasemfuleni iKhebari,[d] nga-
guqa ngakhothama. 24 Umo-
ya wangena kimi wangimisa
ngezinyawo,[e] uNkulunkulu wa-
khuluma nami wathi:
“Hamba uzivalele endlini ya-
kho. 25 Wena ndodana yo-
muntu, bazokubopha ngezi-
ntambo ukuze ungakwazi uku-
phuma uye phakathi kwa-
bo. 26 Ulimi lwakho ngizo-
lwenza lunamathele olwange-
ni lwakho, uzoba isimungu-
lu, ungakwazi ukubasola, ngo-
ba bangabantu abadlubulunda-
yo. 27 Kodwa lapho ngikhu-
luma nawe ngizowuvula umlo-
mo wakho,[f] uthi kubo, ‘Yilo-
khu iNkosi EnguMbusi uJeho-
va ekushoyo.’ Olalelayo maka-
lalele,[g] owenqabayo ukulalela
makangalaleli, ngoba bangaba-
ntu abadlubulundayo.[h]

4 “Wena ndodana yomuntu,
thatha isitini usibeke pha-
mbi kwakho. Uqophe kuso
umdwebo wedolobha—iJerusa-
lema. 2 Kumele ulwe nalo leli
dolobha, ulivimbezele,[i] wakhe
udonga lokulivimbezela,[j] upha-
kamise udonga lokuvikela,[k]
umise amakamu empi, we-
nze idolobha lizungezwe izi-
khali zokulibhubhisa.[a] 3 Tha-
tha isigazingo, usibeke nje-
ngodonga lwensimbi phaka-
thi kwakho nedolobha. Wenze
ubuso bakho bumelane nalo, li-
zovinjezelwa; kumele ulivimbe-
zele. Lesi isibonakaliso endlini
ka-Israyeli.[b]
4 “Wena kufanele ulale ngo-
hlangothi lwesobunxele, icala
lendlu ka-Israyeli liyoba kuwe*[c]
ngezinsuku oyobe ulele ngazo
ngohlangothi. 5 Lokhu uyo-
kwenza ngezinsuku ezingu-
390, ngokuhambisana nemi-
nyaka yecala layo,[d] icala lendlu
ka-Israyeli liyothwalwa nguwe.
6 Kumele uziqede.
“Okwesibili, uyolala ngo-
hlangothi lwakho lwesokudla,
uthwale icala lendlu kaJuda[e]
izinsuku ezingu-40. Usuku lu-
melele unyaka, usuku lumele-
le unyaka, yilokho engikunike
kona. 7 Uyophendulela ubu-
so bakho ekuvinjezelweni kwe-
Jerusalema,[f] ufingqe umkhono
engalweni, kumele uprofethe
ngokumelene nalo.
8 “Bheka! Ngizokubopha
ngezintambo ukuze ungaphe-
ndukeli kolunye uhlangothi,
zize ziphele izinsuku zokulivi-
mbezela kwakho.
9 “Kufanele uthathe uko-
lweni, ibhali, ubhontshisi, uda-
li, unyaluthi nesipelite, ukufa-
ke esitsheni esisodwa, uzenze-
le isinkwa ngakho. Uzosidla izi-
nsuku oyolala ngazo ngohla-
ngothi, izinsuku ezingu-390.[g]
10 Uzokala futhi udle amashe-
keli angu-20* okudla ngosu-
ku. Uzokudla ngezikhathi ezi-
misiwe.

---

3:20 *Noma, “ngiyokwenza ulandise ngegazi lakhe.”

4:4 *NgesiHebheru, “kulo,” okuwukuthi, uhlangothi lukaHezekeli lwesobunxele.
4:10 *Cishe u-230 g. Bheka iSithasiselo B14.

---

ISAHL. 3
a Lev 19:17; Hez 33:6; Heb 13:17
b IzA 17:10; Hez 33:14, 15; Jak 5:19, 20
c Hez 1:27, 28
d Hez 1:1
e Hez 2:2; Dan 10:19
f Hez 24:27; Hez 33:22
g Mat 11:15
h Isay 30:9

ISAHL. 4
i 2Kh 24:11; Jer 39:1
j 2Kh 25:1
k Jer 6:6; Jer 32:24

Uhla 2
a Hez 21:22
b Hez 12:6; Hez 24:24
c 2Kh 17:21
d Num 14:34; 1Kh 12:19, 20
e 2Kh 23:27
f Jer 52:4
g Hez 4:5

**11** “Amanzi uzowaphuza
ngesilinganiso, okwesithupha
kwehini.* Uzowaphuza ngezi-
khathi ezimisiwe.

**12** “Uzosidla ngendlela obu-
ngadla ngayo ulofu webha-
li oyindilinga; uzosibhaka pha-
mbi kwabo, ubase ngendle
yabantu eyomile.” **13** UJeho-
va wabuye wathi: “Yileyo ndle-
la ama-Israyeli ayosidla ngayo
isinkwa sawo—singcolile—pha-
kathi kwezizwe engiyowahla-
kazela kuzo.”[a]

**14** Ngabe sengithi: “Maku-
ngabi njalo Nkosi EnguMbu-
si Jehova! Kusukela ebusheni
bami kuze kube manje, angika-
ze ngingcoliswe ukudla ingcu-
ba noma inyama yesilwane esi-
dwenguliwe,[b] angikaze ngiyifa-
ke inyama engcolile emlonyeni
wami.”[c]

**15** Ngakho wathi kimi: “Ku-
lungile, ngizokuvumela use-
benzise amalongwe ezinko-
mo esikhundleni sendle yaba-
ntu, isinkwa sakho uzosibhaka
ngawo.” **16** Wabe esethi kimi:
“Ndodana yomuntu, ngizonqa-
mula ilungiselelo lokudla* eJe-
rusalema,[d] isilinganiso sesi-
nkwa sabo bayosidla bekha-
thazeke kakhulu,[e] bayophuza
isilinganiso samanzi abo ngo-
kwesaba okukhulu.[f] **17** Lo-
khu kuyokwenzeka kangango-
kuba bayoswela ukudla nama-
nzi, babukane bodwa beshaqe-
kile, baphele emzimbeni nge-
nxa yesiphambeko sabo.

**5** “Wena ndodana yomuntu,
zithathele inkemba ebukha-
li uyenze ibe insingo* yomgu-
ndi. Gunda ikhanda lakho ne-
ntshebe yakho, uthathe isika-
li ukale izinwele uzihlukanise
zibe izingxenye ezintathu ezili-
nganayo. **2** Ingxenye yokuqa-
la uzoyishisa ngomlilo nga-
phakathi edolobheni lapho se-
ziphelile izinsuku zokulivimbe-
zela.[a] Uyobe usuthatha enye
ingxenye uyishaye ngenkemba
nxazonke zedolobha,[b] kuthi
ingxenye yesithathu uyisaka-
ze emoyeni, futhi ngiyohosha
inkemba ngibajahe.[c]

**3** “Kumele uthathe ezimba-
lwa kuzo uzisonge ngemiphetho
yengubo yakho. **4** Ezinye zazo
uzozithatha uziphonse emlilwe-
ni uzishise zibe umlotha. Kuwo
kuyophuma umlilo usakazekele
kuyo yonke indlu ka-Israyeli.[d]

**5** “Yilokhu iNkosi EnguMbu-
si uJehova ekushoyo: ‘Leli
yiJerusalema. Ngilibeke ma-
phakathi nezizwe, lazunge-
zwa amazwe. **6** Kodwa lidlu-
bulundile ezinqumweni zami
zokwahlulela nasemithethweni
yami, lenza okubi ukwedlu-
la izizwe namazwe alizungezi-
le.[e] Ngoba lizilahlile izinqumo
zami zokwahlulela, alihamba-
nga ngemithetho yami.’

**7** “Ngakho yilokhu iNko-
si EnguMbusi uJehova ekusho-
yo: ‘Ngenxa yokuthi nanihlu-
pha nedlula izizwe ezinizunge-
zile, anihambanga ngemithe-
tho yami futhi anizigcinanga
izinqumo zami zokwahlulela,
kunalokho, nalandela izinqu-
mo zokwahlulela zezizwe ezi-
nizungezile,[f] **8** yilokhu iNko-
si EnguMbusi uJehova ekusho-
yo: “Wena dolobha, ngiyisitha
sakho,[g] ngizokhipha isahlulelo
phakathi kwakho phambi kwe-
zizwe.[h] **9** Ngizokwenza kuwe
into engingakaze ngiyenze,
engingeke ngiphinde ngiyenze
efana nayo ngenxa yayo yonke
imikhuba yakho enengekayo.[i]

**4:11** *Cishe u-0, 6 L. Bheka iSithasiselo B14. **4:16** *NgesiHebheru, “ngizophula izinduku zesinkwa.” Kungenzeka kubhekiselwa ezindukwini ezazisetshenziselwa ukugcina izinkwa. **5:1** *Noma, “ireyiza.”

ISAHL. 4
*a* Hos 9:3
*b* Eks 22:31; Lev 7:24; Lev 11:40
*c* Dut 14:3; Isay 65:4; Isay 66:17
*d* Lev 26:26; Isay 3:1; Hez 5:16
*e* 2Kh 25:3; Jer 37:21; IsiL 1:11; IsiL 4:9; IsiL 5:9, 10
*f* Hez 12:18

Uhla 2

ISAHL. 5
*a* Jer 9:21; Hez 4:8
*b* Jer 15:2
*c* Lev 26:33; Hez 5:12
*d* Jer 4:4
*e* Hez 16:46, 47
*f* 2Kh 21:9, 11; Jer 2:11
*g* Jer 21:5; Hez 15:7
*h* Dut 29:22, 24; 1Kh 9:8; IsiL 2:15
*i* IsiL 4:6; Dan 9:12

**10** "'"Ngakho obaba aba-
phakathi kwakho bayodla
amadodana abo,[a] namadoda-
na adle oyise, ngiyokhipha isa-
hlulelo phakathi kwakho, bo-
nke abasele kuwe ngibahlaka-
zele kuyo yonke indawo."'[b]

**11** "'Ngakho-ke ngiyafunga,'
kusho iNkosi EnguMbusi uJe-
hova, 'ngenxa yokuthi yindlu
yami engcwele enayingcoli-
sa ngazo zonke izithixo zenu
ezinyanyekayo nangayo yo-
nke imikhuba yenu enenge-
kayo,[c] nami ngizonilahla; iso
lami ngeke libe nesihawu fu-
thi ngeke ngibonise uzwela.[d]
**12** Ingxenye kini iyofa ngesi-
fo esiwumshayabhuqe noma
ibulawe yindlala. Enye ingxe-
nye iyowa ngenkemba nxazo-
nke zenu.[e] Ingxenye yoku-
gcina ngiyoyihlakazela kuyo
yonke indawo, ngihoshe inke-
mba ngibajahe.[f] **13** Ngemva
kwalokho intukuthelo yami
iyophela, ngeke ngisababonisa
ulaka, ngiyokwaneliseka.[g] Ba-
yokwazi ukuthi mina, Jeho-
va, ngikhulumile ekuphikelele-
ni kwami ngifuna abantu bazi-
nikele kimi ngokuphelele,[h] la-
pho sengiqedile ukudedela ula-
ka lwami kubo.

**14** "'Ngiyokwenza ube inda-
wo eyincithakalo nesihla-
mba phakathi kwezizwe ezi-
kuzungezile naphambi kwa-
bo bonke abantu abadlula-
yo.[i] **15** Uyoba yinto ehlanja-
lazwayo neyinhlekisa,[j] isibone-
lo esiyisixwayiso nento eyesa-
bekayo ezizweni ezikuzungezi-
le, lapho ngikwahlulela ngentu-
kuthelo nangolaka nangezijezi-
so ezinzima. Mina Jehova ngi-
khulumile.

**16** "'Ngiyothumela kubo
indlala, iyobaqothula njenge-
micibisholo ehlaselayo uku-
ze ngibabhubhise. Imicibisholo
engiyithumelayo iyonibulala.[a]
Ngiyokwenza indlala ibe yimbi
kakhulu ngokunqamula ilungi-
selelo lenu lokudla.*[b] **17** Ngi-
yothumela kini indlala nezilwa-
ne zasendle eziyingozi,[c] ziyoni-
phuca abantwana. Isifo esi-
wumshayabhuqe nokuchitheka
kwegazi kuyoba kukhulu ka-
khulu, futhi ngiyoletha inke-
mba imelane nani.[d] Mina Jeho-
va ngikhulumile.'"

**6** Izwi likaJehova laphinde la-
fika kimi, lithi: **2** "Ndoda-
na yomuntu, phendulela ubuso
bakho ngasezintabeni zakwa-
Israyeli uprofethe ngokumele-
ne nazo. **3** Kumele uthi, 'O
zintaba zakwa-Israyeli, yizwa-
ni izwi leNkosi EnguMbusi uJe-
hova: Yilokhu iNkosi EnguMbu-
si uJehova ekushoyo ezintabe-
ni, emagqumeni, emifudlane-
ni nasezigodini: "Bheka! Ngi-
zoletha inkemba imelane nani,
ngizozibhubhisa izindawo zenu
eziphakeme. **4** Ama-altare
enu azophihlizwa, izinti zenu
zezitsha zempepho zizophu-
lwa,[e] ababulewe benu ngi-
zobaphonsa phansi phambi
kwezithixo zenu ezinyanyeka-
yo.*[f] **5** Ngizobeka izidumbu
zabantu bakwa-Israyeli pha-
mbi kwezithixo zabo ezinya-
nyekayo, ngisakaze amatha-
mbo enu nxazonke zama-alta-
re enu.[g] **6** Kuzo zonke izinda-
wo enihlala kuzo, amadolo-
bha azokwenziwa incithakalo,[h]
nezindawo eziphakeme zibhi-
dlizwe futhi zingaphinde zibe

ISAHL. 5
a Lev 26:29; Jer 19:9; IsiL 4:10
b Lev 26:33; Dut 28:64
c Lev 20:3; 2Kh 21:1, 7; 2Kr 36:14; Jer 32:34
d IsiL 2:21; Hez 7:4
e Jer 14:12; Jer 15:2; Jer 21:9
f Lev 26:33; Jer 9:16; Jer 42:16
g Hez 16:42
h Eks 20:3, 5; Eks 34:14; Dut 6:15
i Dut 28:37; 1Kh 9:7; Neh 2:17
j Hu 79:4; Jer 24:9; IsiL 2:15; IsiL 3:61, 62

Uhla 2
a Dut 32:23
b Lev 26:26; Hez 4:16
c Lev 26:22; Dut 32:24; Hez 14:21; Hez 33:27
d Hez 21:3

ISAHL. 6
e Isay 27:9
f Lev 26:30
g Jer 8:1, 2
h Jer 2:15; Jer 32:29; Mik 3:12

**5:16** *NgesiHebheru, "ngokuphula izinduku zesinkwa sakho." Kungenzeka kubhekiselwa ezindukwini ezazisetshenziselwa ukugcina izinkwa. **6:4** *Lena yinkulumo yesiHebheru okungenzeka ihlobene negama elisho "ubulongwe," isetshenziswa njengenkulumo yokwedelela.

khona.[a] Ama-altare enu azophihlizwa abe izicucu, izithixo zenu ezinyanyekayo zizoshabalala, izinti zenu zezitsha zempepho ziphulwe, nemisebenzi yenu iqedwe. **7** Nalabo ababulewe bazowela phakathi kwenu,[b] futhi nizokwazi ukuthi nginguJehova.[c]

**8** "'"Kodwa ngizokwenza kube khona abazosala, ngoba abanye benu bazophunyuka enkembeni phakathi kwezizwe, lapho nihlakazekela kuwo wonke amazwe.[d] **9** Labo abaphunyukayo bayongikhumbula bephakathi kwezizwe abathunjelwe kuzo.[e] Bayobona ukuthi ngezwa ubuhlungu ngenxa yenhliziyo yabo engathembekile* eyangijikela[f] nangenxa yamehlo abo afisa izithixo zabo ezinyanyekayo.[g] Bayoba namahloni futhi benyanye zonke izinto ezimbi nezinyanyekayo abazenzile.[h] **10** Bayokwazi ukuthi nginguJehova nokuthi bengiqinisile uma ngithi ngizobalethela inhlekelele."'[i]

**11** "Yilokhu iNkosi EnguMbusi uJehova ekushoyo: 'Shaya izandla zakho ushaye phansi ngezinyawo,* ulile ngenxa yazo zonke izinto ezimbi nezinengekayo ezenziwa yindlu ka-Israyeli, ngoba izowa ngenkemba, ngendlala nangesifo esiwumshayabhuqe.[j] **12** Okude uyobulawa isifo esiwumshayabhuqe, oseduze uyobulawa ngenkemba, kuthi nanoma ubani osele osinde kulezi zinto abulawe indlala; ngiyolukhiphela kuyo lonke ulaka lwami.[k] **13** Niyokwazi ukuthi nginguJehova,[l] lapho ababulewe bayo sebelala phakathi kwezithixo zabo ezinyanyekayo, nxazonke zama-altare abo,[a] phezu kwawo wonke amagquma aphakeme, kuzo zonke iziqongo zezintaba, ngaphansi kwazo zonke izihlahla eziluhlaza nangaphansi kwamagatsha ezihlahla ezinkulu, lapho benze khona iminikelo enephunga elimnandi ukuze bajabulise zonke izithixo zabo ezinyanyekayo.[b] **14** Ngiyokwelulela isandla sami simelane nabo, ngenze izwe libe incithakalo, zonke izindawo abahlala kuzo ziyoba incithakalo ukwedlula ihlane elingaseDibhila. Bayokwazi ukuthi nginguJehova.'"

**7** Izwi likaJehova laphinde lafika kimi, lithi: **2** "Wena ndodana yomuntu, yilokhu iNkosi EnguMbusi uJehova ekushoyo ezweni lakwa-Israyeli: 'Ukuphela! Ukuphela kufikile emakhoneni womane ezwe. **3** Manje ukuphela kukufikele, ngizoyikhiphela kuwe intukuthelo yami, ngikwahlulele ngokwezindlela zakho, ngikwenze ulandise ngazo zonke izenzo zakho ezinengekayo. **4** Iso lami ngeke likuhawukele; ngeke ngibe naluzwela,[c] ngoba ngizokuvuza ngokwezindlela zakho, uzobhekana nemiphumela yezenzo zakho ezinengekayo.[d] Uzokwazi ukuthi nginguJehova.'[e]

**5** "Yilokhu iNkosi EnguMbusi uJehova ekushoyo: 'Bheka! Kuza inhlekelele, inhlekelele engavamile.[f] **6** Ukuphela kuyeza; ukuphela kuzofika; kuzovuka kumelane nawe. Bheka! Kuyeza. **7** Ithuba lakho* selifikile, wena ohlala ezweni. Isikhathi siyeza, usuku lusondele.[g] Kukhona ukudideka, hhayi ukumemeza ngenjabulo ezintabeni.

---

**6:9** *Noma, "engaziphethe kahle; engenasimilo." **6:11** *Lezi kwakuyizindlela zokubonisa ukudabuka nosizi.

**7:7** *Noma kungaba, "Umqhele wakho wezimbali."

ISAHL. 6
a Hez 16:39
b Jer 14:18
c Hez 7:4
d Jer 30:10; Jer 44:28; Hez 14:22
e Dut 30:1, 2; Hu 137:1
f Hu 78:40, 41; Isay 63:10
g Num 15:39
h Hez 20:43; Hez 36:31
i Hez 33:29; Dan 9:12; Zak 1:6
j Jer 15:2; Jer 16:4; Hez 5:12
k Hez 5:13
l Hez 12:15

Uhla 2
a Jer 8:2
b Hez 20:28

ISAHL. 7
c Hez 5:11
d Jer 16:18; Hez 16:43
e Hez 6:13
f 2Kh 21:12; Dan 9:12
g Zef 1:14

**8** "'Maduze nje ngizothulu-
lela ulaka lwami kuwe,[a] ngi-
zoyikhiphela kuwe yonke
intukuthelo yami,[b] ngikwahlu-
lele ngokwezindlela zakho, ngi-
kwenze ulandise ngazo zo-
nke izenzo zakho ezinengeka-
yo. **9** Iso lami ngeke libe ne-
sihawu; ngeke ngibe nalu-
zwela.[c] Ngizokuvuza ngokwezi-
ndlela zakho, uyobhekana ne-
miphumela yezenzo zakho ezi-
nengekayo. Uzokwazi ukuthi
mina Jehova ngiyakushaya.[d]
**10** "'Usuku luyeza! Lusedu-
ze![e] Ithuba lakho* selifiki-
le; induku yokukujezisa isi-
lungile nokugabadela ku-
hlumile. **11** Ubudlova bandi-
le baba induku yobubi.[f] Ake-
kho ozosinda kubo, ngeke ku-
sinde ngisho nengcebo yabo,
izixuku zabo nokuvelela kwa-
bo. **12** Isikhathi sizofika, no-
suku luzofika. Umthengi maka-
ngajabuli, nomthengisi maka-
ngalili, ngoba kukhona ulaka
olumelene naso sonke isixu-
ku sabo.*[g] **13** Ngoba umthe-
ngisi ngeke abuyele kokwa-
thengiswa ngisho noma uku-
phila kwakhe kusindiswa, ngo-
ba umbono umelene naso so-
nke isixuku. Akekho oyobuya,
futhi ngenxa yesiphambeko sa-
khe,* akekho oyosindisa uku-
phila kwakhe.
**14** "'Bashaye icilongo,[h] wo-
nke umuntu umi ngomumo, ko-
dwa akukho muntu oya empini,
ngoba ulaka lwami lumelene
naso sonke isixuku.[i] **15** Nga-
phandle kunenkemba,[j] nga-
phakathi kunesifo esiwumsha-
yabhuqe nendlala. Noma uba-
ni osendle uyobulawa nge-
nkemba, abasedolobheni ba-
yobulawa yindlala nesifo esi-
wumshayabhuqe.[a] **16** Abasi-
ndile kubo abakwaziyo uku-
phunyuka bayoya ezintabeni,
ngamunye uyolila ngenxa ye-
siphambeko sakhe njengama-
juba asezigodini.[b] **17** Zonke
izandla zabo ziyoyetha, wo-
nke amadolo abo ayoconsa
amanzi.*[c] **18** Bagqoke indwa-
ngu yesaka[d] futhi bayaqhaqha-
zela. Wonke umuntu uyohlazi-
swa nawo wonke amakhanda
ayoba nempandla.*[e]
**19** "'Bayophonsa isiliva
labo emigwaqweni, bayolenya-
nya igolide labo. Isiliva labo
negolide labo ngeke kukwazi
ukubasindisa ngosuku lolaka
lukaJehova.[f] Ngeke banelise-
ke, ngeke bakwazi nokugcwali-
sa izisu zabo, ngoba kube* isi-
khubekiso esibabangela uku-
ba bone. **20** Baziqhenya ngo-
buhle bemihlobiso yabo, be-
nza ngayo* imifanekiso ene-
ngekayo, izithixo zabo ezi-
nyanyekayo.[g] Yingakho ngizo-
kwenza isiliva labo negolide
labo kube izinto ezenyanyeka-
yo kubo. **21** Ngizokunika* izi-
fiki ukuze zikuphange, ngiku-
nike nabantu ababi bomhlaba
ukuze kube impahla ephangi-
we, futhi bayokungcolisa.
**22** "'Ngiyobufulathelisa ubu-
so bami kubo,[h] bayoyingcolisa
indawo yami ecashile,* abapha-
ngi bayongena kuyo bayingco-
lise.[i]

**ISAHL. 7**
a 2Kr 34:21
b Jer 7:20 Hez 5:13
c Jer 13:14
d Isay 66:6 Hez 33:29
e Zef 1:14
f Isay 59:6 Jer 6:7 Mik 6:12
g Zef 1:18
h Jer 4:5
i Jer 7:20 Jer 12:12
j Lev 26:25

**Uhla 2**
a Jer 14:18 Hez 5:12
b Isay 59:11
c Hez 21:7
d Isay 3:24
e Isay 22:12
f IzA 11:4 Zef 1:18
g 2Kh 21:1, 7 Jer 7:30
h Jer 18:17
i 2Kr 36:19 IsiL 1:10

**7:10** *Noma kungaba, "Umqhele wakho wezimbali." **7:12** *Okuwukuthi, abathenga umhlaba noma abawuthengisayo ngeke bazuze ngoba bonke bayobhujiswa. **7:13** *Noma kungaba, "ngesiphambeko sakhe."

**7:17** *Okuwukuthi, bayozichamela ngenxa yokwesaba. **7:18** *Okuwukuthi, amakhanda abo ayogundwa ngoba belila. **7:19** *Okuwukuthi, isiliva labo negolide labo. **7:20** *Okuwukuthi, izinto zabo zegolide nezesiliva. **7:21** *Okuwukuthi, isiliva labo negolide labo okwakwenziwa ngako izithixo. **7:22** *Kubonakala sengathi kubhekiselwa endaweni engaphakathi yendlu engcwele kaJehova.

**23** "'Yenza iketanga*[a] ngo-
ba izwe ligcwele ukwahlule-
la okuchaphazelwe igazi[b] ne-
dolobha ligcwele ubudlova.[c]
**24** Ngiyoletha abantu ababi
kunabo bonke bezizwe,[d] batha-
the izindlu zabo,[e] ngiyokuqeda
ukuqhosha kwabanamandla,
nezindlu zabo ezingcwele ziyo-
ngcoliswa.[f] **25** Lapho befike-
lwa ubuhlungu, bayofuna uku-
thula kodwa kuyobe kunge-
kho.[g] **26** Kuyofika inhlekelele
phezu kwenhlekelele, umbiko
emva komunye, abantu bayofu-
na umbono kumprofethi,[h] ko-
dwa umthetho* wompristi ne-
seluleko samadoda amadala
ngeke kusaba usizo.[i] **27** Inko-
si iyolila[j] nesikhulu siyoba lusi-
zi,* izandla zabantu bezwe zi-
yoqhaqhazela ngenxa yokwe-
saba. Ngiyobaphatha ngo-
kwezindlela zabo, ngibahlule-
le ngendlela abahlulele ngayo.
Bayokwazi ukuthi nginguJeho-
va.'"[k]

**8** Ngonyaka wesithupha, nge-
nyanga yesithupha, ngosu-
ku lwesihlanu lwenyanga, la-
pho ngihlezi endlini yami futhi
amadoda amadala akwaJuda
ehlezi phambi kwami, isandla
seNkosi EnguMbusi uJehova
sangibamba. **2** Njengoba nga-
ngibhekile, ngabona okuthi-
le okusamuntu okubukeka nje-
ngomlilo; kwakukhona umli-
lo ngezansi kwalokho okwaku-
bonakala kunjengokhalo lwa-
khe,[l] kusukela okhalweni lwa-
khe kuya phezulu wayekhanya
njengegolide elixutshwe ne-
siliva.[m] **3** Wabe eselula okwa-
kubonakala kuyisandla wa-
ngibamba ngezinwele zekha-
nda lami, umoya wangithwa-
la phakathi komhlaba nama-
zulu wangiyisa eJerusalema
ngemibono kaNkulunkulu, em-
nyango wesango elingaphaka-
thi[a] elibheke enyakatho la-
pho kwakumi khona umfa-
nekiso* wokukhonza izitho-
mbe othukuthelisa uNkulunku-
lu.#[b] **4** Bheka! Inkazimulo ka-
Nkulunkulu ka-Israyeli yayila-
pho,[c] injengokubonakala enga-
ngikubone ethafeni.[d]
**5** Wabe esethi kimi: "Ndo-
dana yomuntu, ngicela upha-
kamisele amehlo akho ngase-
nyakatho." Ngakho ngawapha-
kamisela ngasenyakatho ame-
hlo ami, enyakatho yesango le-
altare kwakukhona lo mfa-
nekiso* othukuthelisa uNku-
lunkulu esangweni. **6** Wathi
kimi: "Ndodana yomuntu, uya-
zibona yini izinto ezishaqisa-
yo nezinengekayo ezenziwa yi-
ndlu ka-Israyeli lapha,[e] izi-
nto ezingidedisela kude nendlu
yami engcwele?[f] Kodwa uzobo-
na izinto ezinengekayo ezisha-
qisa nakakhulu."
**7** Ngemva kwalokho wangi-
yisa emnyango wegceke, lapho
ngibuka, ngabona imbobo odo-
ngeni. **8** Wathi kimi: "Ndo-
dana yomuntu, ngicela ulubho-
boze udonga." Ngalubhoboza
udonga, ngabona indawo yo-
kungena. **9** Wathi kimi: "Nge-
na ubone izinto ezimbi ezi-
nengekayo abazenzayo lapha."
**10** Ngakho ngangena ngabu-
ka, ngabona zonke izinhlo-
bo zezithombe zezinto ezi-
nwabuzelayo nezilwane ezi-
nyanyekayo[g] nazo zonke izithi-
xo ezinyanyekayo* zendlu ka-

ISAHL. 7
*a* Jer 39:6, 7; IsiL 3:7
*b* 2Kh 21:16; 2Kh 24:3, 4; Jer 2:34; Hez 9:9
*c* Isay 59:6; Mik 2:2
*d* Dut 28:48-51; Hez 21:31; Hab 1:6
*e* Jer 6:12; IsiL 5:2
*f* Hez 21:2
*g* Isay 57:21; Jer 8:15
*h* Jer 21:1, 2; Jer 37:17
*i* Hu 74:9; IsiL 2:9; Hez 20:3
*j* Jer 52:10
*k* Hez 6:13

ISAHL. 8
*l* Dan 7:9
*m* Hez 1:4, 27

Uhla 2
*a* Jer 20:2; Hez 9:2
*b* Dut 32:16
*c* Eks 40:34
*d* Hez 1:27, 28
*e* 2Kr 36:14
*f* Jer 26:4, 6
*g* Lev 11:10

**7:23** *Okuwukuthi, amaketanga eziboshwa. **7:26** *Noma, "isiqondiso." **7:27** *Noma, "siyokwenziwa incithakalo."

**8:3** *Noma, "isithixo." #NgesiHebheru, "womhawu wokukhonza izithombe ovusa umhawu." **8:5** *Noma, "lesi sithixo." **8:10** *Lena yinkulumo yesiHebheru okungenzeka ihlobene negama elisho "ubulongwe," isetshenziswa njengenkulumo yokwedelela.

Israyeli;[a] zaziqoshwe nxazonke
zodonga. **11** Phambi kwazo
kwakumi amadoda amadala
angu-70 endlu ka-Israyeli, uJa-
hazaniya indodana kaShafani[b]
emi phakathi kwawo. Ngayi-
nye yayiphethe isitsha sempe-
pho, kwenyuka ifu elina-
makha lempepho.[c] **12** Wathi
kimi: “Ndodana yomuntu, uya-
kubona yini okwenziwa ama-
doda amadala endlu ka-Isra-
yeli ebumnyameni, ngamunye
wawo emakamelweni angapha-
kathi okubekwe kuwo izithi-
xo zakhe? Ngoba athi, ‘UJeho-
va akasiboni. UJehova ulishiyi-
le izwe.’ ”[d]
**13** Wabe esethi kimi: “Uzo-
bona izinto ezinengekayo ezi-
shaqisa nakakhulu azenzayo.”
**14** Ngakho wangiyisa esa-
ngweni elingasenyakatho le-
ndlu kaJehova, lapho ngabona
abesifazane behlezi bekhalela
unkulunkulu uTamuzi.
**15** Wabuye wathi kimi:
“Uyakubona yini lokhu ndoda-
na yomuntu? Uzobona izinto
ezinengekayo ezishaqisa naka-
khulu kunalezi.”[e] **16** Ngakho
wangiyisa egcekeni elingapha-
kathi lendlu kaJehova.[f] Lapha-
ya emnyango wethempeli lika-
Jehova, phakathi kompheme
ne-altare, kwakukhona ama-
doda angaba ngu-25 efulathe-
le ithempeli likaJehova, ubuso
bawo bubheke empumalanga;
ayekhothamela ilanga empu-
malanga.[g]
**17** Wathi kimi: “Uyakubona
yini lokhu ndodana yomuntu?
Ingabe kuyinto ewubala ukuthi
indlu kaJuda yenza lezi zinto
ezinengekayo, ukuthi igcwali-
sa izwe ngobudlova,[h] iqhu-
beka nokungicasula? Awubhe-
ke manje ifaka igatsha* ekha-
leni lami. **18** Ngenxa yalokho
nami ngizobonisa ulaka lwami.
Iso lami ngeke libe nesihawu;
ngeke ngibe naluzwela.[a] Noma
bangamemeza bakhale kakhu-
lu, ngeke ngibezwe.”[b]

**9** Wabe esememeza kakhu-
lu ezindlebeni zami, wa-
thi: “Biza labo abazoletha isije-
ziso edolobheni, ngamunye eze
ephethe isikhali sakhe sokubhu-
bhisa!”
**2** Ngabona amadoda ayisi-
thupha eza evela ngasesangwe-
ni elingenhla[c] elibheke enya-
katho, ngayinye iphethe isikha-
li sayo sokuphihliza; phakathi
kwawo kukhona indoda eyodwa
egqoke ilineni, inophondo luka-
yinki lukanobhala* okhalweni
lwayo, angena ama eceleni kwe-
altare lethusi.[d]
**3** Inkazimulo kaNkulunkulu
ka-Israyeli,[e] yasuka lapho ya-
yikhona phezu kwamakherubi
yaya esitubhini sendlu,[f] wabe*
esememeza indoda eyayigqoke
ilineni, okwakukhona uphondo
lukayinki lukanobhala okha-
lweni lwayo. **4** UJehova wa-
thi kuyo: “Nqamula edolobhe-
ni, eJerusalema, ubeke upha-
wu eziphongweni zabantu aba-
bubulayo nabaqumayo[g] nge-
nxa yazo zonke izinto ezine-
ngekayo ezenziwa edolobhe-
ni.”[h]
**5** Kulawa amanye washo lo-
khu ngilalele: “Nqamulani edo-
lobheni ngemva kwakhe nibu-
lale. Iso lenu lingabi nesiha-
wu, ningabi naluzwela.[i] **6** Ku-
fanele niqothule ixhegu, insi-
zwa, intombi, umntwana om-
ncane nabesifazane.[j] Kodwa
ningasondeli kunoma yimuphi
umuntu okukhona kuye upha-
wu.[k] Kufanele niqale endlini

**8:17** *Ngokusobala igatsha elalisetshe-
nziselwa ukukhulekela izithombe.

**9:2** *Noma, “into yombhali yokubamba
uyinki.” **9:3** *Ngokusobala kubhekise-
lwa kuNkulunkulu.

ISAHL. 8
a Eks 20:4, 5
b 2Kh 22:3, 4; 2Kh 25:22; Jer 26:24
c Hez 16:17, 18
d Isay 29:15; Hez 9:9
e 2Kr 36:14
f 2Kr 4:9
g Dut 4:19; 2Kh 17:16; Jer 8:1, 2
h 2Kh 21:16; Jer 19:4; Hez 9:9

Uhla 2
a Hez 5:11; Hez 7:9
b Isay 1:15; Mik 3:4

ISAHL. 9
c Jer 20:2; Hez 8:3
d 2Kr 4:1
e Hez 3:23; Hez 8:3, 4; Hez 11:22
f Hez 10:4
g Hu 119:53; 2Pe 2:7, 8
h Hez 5:11
i Eks 32:26, 27; Hez 7:4
j 2Kr 36:17
k Eks 12:23; Jos 2:17-19; IsA 9:4

yami engcwele."[a] Ngakho aqala
ngamadoda amadala ayepha-
mbi kwendlu.[b] 7 Wabe esethi
kuwo: "Ngcolisani indlu, ni-
gcwalise amagceke ngababule-
we.[c] Hambani!" Ngakho aphu-
ma abulala abantu edolobheni.
8 Ngesikhathi besababula-
la, kwasala mina ngedwa, nga-
guqa ngakhothama ngakha-
la ngathi: "Maye, Nkosi Engu-
Mbusi Jehova! Ingabe uzobhu-
bhisa bonke abasele bakwa-
Israyeli lapho ukhiphela ulaka
lwakho eJerusalema?"[d]
9 Ngakho wathi kimi: "Isi-
phambeko sendlu ka-Israyeli
noJuda sikhulu kakhulu.[e] Izwe
ligcwele ukuchithwa kwegazi[f]
nedolobha ligcwele inkohlaka-
lo.[g] Ngoba bathi, 'UJehova uli-
shiyile izwe futhi uJehova aka-
boni.'[h] 10 Kodwa mina, iso
lami ngeke libe nesihawu; nge-
ke ngibonise uzwela.[i] Imiphu-
mela yezindlela zabo ngiyoye-
hlisela emakhanda abo."
11 Ngabe sengibona indoda
egqoke ilineni, okwakukhona
uphondo lukayinki okhalweni
lwayo, ithi: "Ngenze njengoba
nje ungiyalile."

**10** Njengoba ngangibuka,
ngabona phezu komkha-
thi owawuphezu kwamakha-
nda amakherubi okuthile
okwakufana netshe lesafire ku-
vela ngaphezu kwawo, ku-
bukeka njengesihlalo sobukho-
si.[j] 2 Wabe* esethi endode-
ni egqoke ilineni:[k] "Ngena pha-
kathi kwamasondo,[l] ngaphansi
kwamakherubi, ugcwalise iza-
ndla zakho zombili ngamala-
hle avuthayo[m] avela phakathi
kwamakherubi uwajikijele phe-
zu kwedolobha."[n] Ngakho ya-
ngena ngibhekile.
3 Amakherubi ayemi nga-
kwesokudla sendlu lapho
le ndoda ingena, ifu la-
gcwala igceke elingaphakathi.
4 Inkazimulo kaJehova[a] yasu-
ka emakherubini yaya esitu-
bhini sendlu, kancane kanca-
ne indlu yagcwala ifu,[b] igceke
lagcwala ukukhanya kwenka-
zimulo kaJehova. 5 Umsindo
wamaphiko amakherubi wawu-
zwakala egcekeni elingapha-
ndle, njengomsindo kaNkulu-
nkulu uMninimandla Onke la-
pho ekhuluma.[c]
6 Wabe eseyala indoda
egqoke ilineni, wathi: "Thatha
umlilo phakathi kwamasondo,
phakathi kwamakherubi," ya-
ngena yama eceleni kwesondo.
7 Elinye lamakherubi lelulela
isandla salo emlilweni owawu-
phakathi kwamakherubi.[d] La-
wuthatha lawubeka kuzo zo-
mbili izandla zendoda egqo-
ke ilineni,[e] eyabe isiwuthatha
yaphuma. 8 Amakherubi aye-
nokuthile okwakubukeka nje-
ngezandla zomuntu ngaphansi
kwamaphiko awo.[f]
9 Njengoba ngangibuka, nga-
bona amasondo amane eceleni
kwamakherubi, isondo elilodwa
eceleni kwekherubi ngalinye,
amasondo ayebonakala ecwe-
bezela njengetshe lekhrisoli-
the.[g] 10 Ngokuqondene noku-
bukeka kwawo, womane aye-
fana, kwakubonakala sengathi
isondo liphakathi kwelinye iso-
ndo. 11 Lapho ehamba, aye-
ngaya nomaphi ezinhlangothi-
ni zozine angajiki, ngoba aye-
ya endaweni okubheke kuyo
ikhanda ngaphandle kokujika.
12 Kuyo yonke imizimba yawo,
imihlane yawo, izandla zawo,
amaphiko awo namasondo awo,
amasondo awo womane, kwa-
kugcwele amehlo nxazonke.[h]
13 Ngokuqondene namasondo,

ISAHL. 9
a 2Kh 25:18, 21; Jer 25:29
b Hez 8:11
c IsiL 2:21
d Gen 18:23; Hez 11:13
e 2Kr 36:14; Isay 1:4
f 2Kh 21:16; Jer 2:34; Mat 23:30
g Hez 22:29
h Isay 29:15; Hez 8:12
i Hez 5:11; Hez 7:4

ISAHL. 10
j Isay 6:1; Hez 1:22, 26; IsA 4:2, 3
k Hez 9:2
l Hez 1:16
m Hez 1:13
n 2Kh 25:8, 9

Uhla 2
a Hez 1:27, 28; Hez 9:3
b Eks 40:35; 2Kr 5:13; Hez 43:5
c Hu 29:3, 4; Hez 1:24; Joh 12:28, 29
d Hez 1:13
e Hez 9:2
f Hez 1:8
g Hez 1:15-18
h IsA 4:6, 8

10:2 *Ngokusobala kubhekiselwa ku-Nkulunkulu.

ngezwa izwi elalimemeza lithi,
“Masondo!”
14 Ngalinye* lalinobuso obu-
ne. Ubuso bokuqala kwakuwu-
buso bekherubi, ubuso besibi-
li kuwubuso bomuntu, obesitha-
thu kuwubuso bebhubesi, obe-
sine kuwubuso bokhozi.[a]
15 Amakherubi ayesukuma
—kwakuyizo lezo zidalwa* ezi-
philayo engangizibone emfule-
ni iKhebari[b]— 16 lapho ama-
kherubi ehamba, amasondo
ayehamba eceleni kwawo; la-
pho amakherubi ephakamisa
amaphiko awo ukuze abe phe-
zulu ngaphezu komhlaba, ama-
sondo ayengajiki noma asu-
ke eceleni kwawo.[c] 17 Lapho
ema, nawo ayema; lapho epha-
kama, nawo ayephakama ka-
nye nawo, ngoba umoya osebe-
nza ezidalweni* eziphilayo wa-
wukuwo.
18 Inkazimulo kaJehova[d] ya-
suka esitubhini sendlu ya-
ma phezu kwamakherubi.[e]
19 Amakherubi aphakamisa
amaphiko awo aphakama em-
hlabathini ngibhekile. Amaso-
ndo ayeseduze kwawo nge-
sikhathi esuka. Ama esa-
ngweni elingasempumalanga le-
ndlu kaJehova, inkazimulo ka-
Nkulunkulu ka-Israyeli yayiphe-
zu kwawo.[f]
20 Lezi kwakuyizidalwa* ezi-
philayo engangizibone ngapha-
nsi kukaNkulunkulu ka-Israyeli
emfuleni iKhebari,[g] ngakho nga-
bona ukuthi zazingamakheru-
bi. 21 Zozine zazinobuso obu-
ne, amaphiko amane nokwaku-
bonakala sengathi izandla zo-
muntu ngaphansi kwamaphiko
azo.[h] 22 Ubuso bazo babubo-

**10:14** *Okuwukuthi, ikherubi ngalinye. **10:15** *NgesiHebheru, “sidalwa.” **10:17** *NgesiHebheru, “umoya wesidalwa.” **10:20** *NgesiHebheru, “Lesi isidalwa.”

nakala bunjengobuso engangi-
bubone ngasemfuleni iKheba-
ri.[a] Ngasinye sasihamba siqonde
ngqo phambili.[b]
**11** Umoya wangiphakamisa
wangiyisa esangweni eli-
ngasempumalanga lendlu ka-
Jehova, esangweni elibheke
empumalanga.[c] Kulelo sa-
ngo ngabona amadoda angu-
25, phakathi kwawo kwaku-
noJahazaniya indodana ka-
Azuri noPhelathiya indodana
kaBhenaya, izikhulu zabantu.[d]
2 Wabe esethi* kimi: “Ndoda-
na yomuntu, yiwo lawa ama-
doda aceba okubi nanikeza
iseluleko esibi kuleli# dolobha.
3 Athi, ‘Akusona yini lesi isi-
khathi sokwakha izindlu?[e] Ido-
lobha* liyibhodwe lokupheka,#[f]
thina siyinyama.’
4 “Ngakho profetha ngoku-
melene nabo. Profetha ndoda-
na yomuntu.”[g]
5 Ngemva kwalokho umoya
kaJehova wafika kimi,[h] wathi*
kimi: “Yithi, ‘Yilokhu uJeho-
va akushoyo: “Enikushilo ku-
yiqiniso, O nina ndlu ka-Isra-
yeli, ngiyakwazi enikucabanga-
yo. 6 Nibangele ukuba abani-
ngi bafe kuleli dolobha, na-
gcwalisa imigwaqo yalo ngaba-
bulewe.” ’ ”[i] 7 “Ngakho-ke yi-
lokhu iNkosi EnguMbusi uJe-
hova ekushoyo: ‘Izidumbu eni-
zilahle edolobheni ziyinyama,
idolobha liyibhodwe lokuphe-
ka.[j] Kodwa nina nizokhishwa
kulo.’ ”
8 “ ‘Niyesabile inkemba,[k]
ngizoletha inkemba imelane
nani,’ kusho iNkosi EnguMbusi

**11:2, 5** *Ngokusobala kubhekiselwa kuNkulunkulu. **11:2** #Noma, “ngokumelene naleli.” **11:3** *Okuwukuthi, idolobha laseJerusalema, lapho amaJuda ayecabanga ukuthi azovikeleka khona. #Noma, “liyibhodwe lokupheka elinomlomo obanzi.”

ISAHL. 10
a Hez 1:6, 10; IsA 4:7
b Hez 1:3
c Hez 1:19-21
d Hez 1:27, 28
e Hez 9:3; Hez 10:4
f Hez 11:22
g Hez 1:1, 22
h Hez 1:8

Uhla 2
a Hez 1:10
b Hez 1:12; Hez 10:11

ISAHL. 11
c Hez 10:19
d Isay 1:23; Hez 22:27
e Hez 12:27
f Hez 24:3
g Hez 3:17; Hez 20:46; Hez 21:2
h 2Pe 1:21
i Hez 7:23; Hez 22:3, 4
j Hez 24:6
k Jer 38:19

uJehova. 9 ‘Ngizonikhipha
kulo ngininikele esandleni se-
zifiki, nginahlulele.[a] 10 Nizo-
bulawa yinkemba.[b] Ngizona-
hlulela emngceleni wakwa-Isra-
yeli,[c] nizokwazi ukuthi ngingu-
Jehova.[d] 11 Idolobha ngeke
libe yibhodwe lokupheka kini,
ngeke nibe yinyama phakathi
kwalo; ngizonahlulela emngce-
leni wakwa-Israyeli, 12 nizo-
kwazi ukuthi nginguJehova.
Ngoba anihambanga ngeziqo-
ndiso zami, anizilandelanga
nezahlulelo zami,[e] kodwa ne-
nze ngokuvumelana nezahlule-
lo zezizwe ezinizungezile.’ ”[f]

13 Kwathi lapho nje sengi-
profethile, uPhelathiya indoda-
na kaBhenaya wafa, ngaguqa
ngakhothama ngakhala kakhu-
lu ngathi: “Maye, Nkosi Engu-
Mbusi Jehova! Ingabe uzoba-
qothula abasele bakwa-Israye-
li?”[g]

14 Izwi likaJehova laphinde
lafika kimi, lithi: 15 “Ndodana
yomuntu, abafowenu, labo aba-
nelungelo lokuhlenga kubafo-
wenu, kanye nayo yonke indlu
ka-Israyeli, batshelwe yibo bo-
nke abakhe eJerusalema, bathi,
‘Qhelelani kude noJehova. Izwe
lingelethu; linikwe thina ukuba
libe elethu.’ 16 Ngakho-ke yi-
thi, ‘Yilokhu iNkosi EnguMbu-
si uJehova ekushoyo: “Naku-
ba ngibayise kude le bayothu-
njelwa phakathi kwezizwe fu-
thi ngibahlakazele emazweni,[h]
okwesikhashana ngizoba yindlu
engcwele kubo emazweni abaye
kuwo.” ’[i]

17 “Ngakho yithi, ‘Yilo-
khu iNkosi EnguMbusi uJeho-
va ekushoyo: “Ngizoniqoqa ezi-
zweni nasemazweni enihlaka-
zekele kuwo, ngininike izwe
lakwa-Israyeli.[j] 18 Bayobuye-
la lapho, basuse zonke izi-
nto ezinyanyekayo nemikhu-
ba enengekayo.[a] 19 Ngiyoba-
nika inhliziyo enobunye,*[b] ngi-
fake umoya omusha kubo;[c] ngi-
yosusa inhliziyo yetshe emizi-
mbeni yabo,[d] ngibanike inhli-
ziyo yenyama,#[e] 20 ukuze ba-
hambe ngemithetho yami, ba-
gcine izahlulelo zami bazihlo-
niphe. Uma benza kanjalo ba-
yoba abantu bami, mina ngibe
uNkulunkulu wabo.” ’

21 “ ‘ “Kodwa labo abanhli-
ziyo yabo izimisele ukuqhube-
ka nezinto zabo ezinyanyeka-
yo nemikhuba yabo enengeka-
yo, ngiyokwehlisela imiphume-
la yezindlela zabo phezu kwa-
makhanda abo,” kusho iNkosi
EnguMbusi uJehova.’ ”

22 Amakherubi abe ese-
phakamisa amaphiko awo fu-
thi amasondo ayeseduze kwa-
wo,[f] inkazimulo kaNkulunkulu
ka-Israyeli yayiphezu kwawo.[g]
23 Inkazimulo kaJehova[h] ye-
nyuka isuka edolobheni yayo-
ma entabeni esempumalanga
yedolobha.[i] 24 Umoya wabe
usungiphakamisa—ngombo-
no, ngomoya kaNkulunkulu
—wangiletha kubantu abadingi-
siwe eKhalideya. Ngemva kwa-
lokho umbono engangiwubo-
nile wasuka kimi. 25 Ngaqala
ukutshela abantu abadingisiwe
zonke izinto uJehova ayengi-
bonise zona.

12 Izwi likaJehova laphi-
nde lafika kimi, lithi:
2 “Ndodana yomuntu, uhlala
endlini edlubulundayo. Bana-
mehlo okubona kodwa ababo-
ni, banezindlebe zokuzwa ko-
dwa abezwa,[j] ngoba bayindlu
edlubulundayo.[k] 3 Wena ndo-
dana yomuntu, zenzele um-
thwalo ozoya nawo ekudingi-
sweni. Bese kuthi emini lapho

ISAHL. 11
a Jer 39:6, 7; Jer 52:24-27
b 2Kh 25:18-21; 2Kr 36:17
c 2Kh 14:25; Jer 52:27
d Hez 6:13
e Ezr 9:7; Neh 9:34
f Dut 12:29-31; 2Kr 28:1, 3; Hu 106:34-36
g Hez 9:8
h 2Kh 24:14, 15; Jer 24:5
i Lev 26:44
j Isay 11:11, 12; Jer 30:10, 11; Hez 34:13, 14; Amo 9:14, 15

Uhla 2
a Hez 37:23
b Jer 24:7; Jer 31:33; Jer 32:39
c Hu 51:10; Hez 36:31
d Zak 7:12
e Hez 36:26
f Hez 1:19
g Hez 10:18, 19
h Hez 9:3; Hez 10:4
i Zak 14:4

ISAHL. 12
j Isay 6:9, 10; Jer 5:21; Rom 11:8
k Hez 2:3, 5

11:19 *NgesiHebheru, “eyodwa.” #Okuwukuthi, elalela isiqondiso sikaNkulunkulu.

bebuka uye ekudingisweni. Iya
ekudingisweni usuke endlini
yakho uye kwenye indawo la-
pho bebuka. Mhlawumbe bazo-
naka nakuba beyindlu edlubu-
lundayo. **4** Khipha umthwalo
wakho opakishelwe ukuya eku-
dingisweni emini lapho bebu-
ka, bese kuthi kusihlwa lapho
bebuka uhambe njengomuntu
oyiswa ekudingisweni.[a]
**5** "Lapho bebuka, bhoboza
imbobo odongeni, ukhiphe izi-
mpahla zakho ngayo.[b] **6** Nge-
sikhathi bebuka, tshatha izi-
mpahla zakho ehlombe uzi-
khiphe ngobumnyama. Mboza
ubuso bakho ukuze ungawubo-
ni umhlaba ngoba ngikwenza
ibika endlini ka-Israyeli."[c]
**7** Ngenza njengoba nje nga-
ngiyaliwe. Emini ngawukhipha
umthwalo wami njengokunga-
thi ngiya ekudingisweni, kusi-
hlwa ngabhoboza imbobo odo-
ngeni ngesandla. Lapho se-
kumnyama ngakhipha izimpa-
hla zami, ngazitshatha ehlo-
mbe bebuka.
**8** Izwi likaJehova laphinde
lafika kimi ekuseni, lithi:
**9** "Ndodana yomuntu, indlu
ka-Israyeli, indlu edlubulunda-
yo, ayikubuzanga yini ukuthi,
'Wenzani?' **10** Yithi kubo, 'Yi-
lokhu iNkosi EnguMbusi uJe-
hova ekushoyo: "Lesi simeme-
zelo sithinta isikhulu[d] eJerusa-
lema nayo yonke indlu ka-Isra-
yeli ephakathi kwedolobha."'
**11** "Yithi, 'Ngiyibika kini.[e]
Njengoba nje ngenzile, kuyo-
kwenziwa kanjalo kubo. Bayo-
ya ekudingisweni, ekuthu-
njweni.[f] **12** Isikhulu esipha-
kathi kwabo siyotshatha izi-
mpahla zaso ehlombe siha-
mbe ngobumnyama. Siyobho-
boza imbobo odongeni sikhi-
phe ngayo izimpahla zaso.[g] Si-
yomboza ubuso baso uku-
ze singawuboni umhlaba.'
**13** Ngiyokwelulela inethi lami
kuso, sibanjwe inethi lami lo-
kuzingela.[a] Ngiyobe sengisile-
tha eBhabhiloni, ezweni la-
maKhaledi, kodwa ngeke sili-
bone; siyofela khona.[b] **14** Bo-
nke abasizungezile, abasisiza-
yo namaviyo aso empi, ngiyo-
bahlakazela kuzo zonke izinda-
wo;[c] ngiyohosha inkemba ngi-
bajahe.[d] **15** Bayokwazi uku-
thi ngiminguJehova lapho ngi-
basakazela phakathi kwezizwe
futhi ngibahlakazela phaka-
thi kwamazwe. **16** Abamba-
lwa kubo ngiyobasindisa enke-
mbeni, endlaleni nasesifweni
esiwumshayabhuqe ukuze ba-
xoxele izizwe abayoya kuzo
ngayo yonke imikhuba yabo
enengekayo; bayokwazi ukuthi
ngiminguJehova."
**17** Izwi likaJehova laphinde
lafika kimi, lithi: **18** "Ndoda-
na yomuntu, kufanele udle isi-
nkwa sakho ngokuthuthume-
la, uphuze amanzi akho ngo-
kwesaba nangokukhathazeka.[e]
**19** Yithi kubantu bezwe, 'Yilo-
khu iNkosi EnguMbusi uJeho-
va ekushoyo kwabakhe eJe-
rusalema ezweni lakwa-Israye-
li: "Bayodla isinkwa sabo ngo-
kukhathazeka, baphuze ama-
nzi abo ngokwesaba okukhulu,
ngoba izwe labo liyobhujiswa
ngokuphelele[f] ngenxa yobudlo-
va babo bonke abahlala kulo.[g]
**20** Amadolobha ahlala aba-
ntu ayobhujiswa, izwe libe ihla-
ne eliyincithakalo;[h] niyokwazi
ukuthi ngiminguJehova."'"[i]
**21** Izwi likaJehova laphinde
lafika kimi, lithi: **22** "Ndoda-
na yomuntu, siyini lesi saga
eninaso kwa-Israyeli, nithi, 'Izi-
nsuku ziyadlula, yonke imi-
bono ayigcwaliseki'?[j] **23** Nga-
kho yithi kubo, 'Yilokhu iNkosi
EnguMbusi uJehova ekushoyo:

**ISAHL. 12**
a 2Kr 36:20; Jer 52:10, 11
b 2Kh 25:4
c Isay 8:18; Hez 4:3; Hez 24:24
d Jer 21:7; Hez 21:25
e Hez 24:24
f Jer 52:15
g 2Kh 25:4; Jer 39:4

**Uhla 2**
a Jer 52:9; Hez 17:20, 21
b 2Kh 25:6, 7; Jer 34:3; Jer 52:11; Hez 17:16
c 2Kh 25:5
d Lev 26:33; Jer 42:15, 16
e Lev 26:26
f Isay 6:11; Zak 7:14
g Hu 107:33, 34; Jer 6:7
h Isay 64:10; Jer 25:9
i Hez 6:13
j Isay 5:19; Amo 6:3; 2Pe 3:3, 4

“Ngiyobangela ukuba lesi saga
siphele futhi ngeke besasisebe-
nzisa njengesaga kwa-Israye-
li.”’ Kodwa yithi kubo, ‘Izi-
nsuku sezisondele,[a] yonke imi-
bono izogcwaliseka.’ **24** Ngo-
ba ngeke usaba khona umbono
wamanga noma ukubhula oku-
khohlisayo phakathi kwendlu
ka-Israyeli.[b] **25** ‘“Ngoba mina
Jehova ngizokhuluma. Noma
yini engiyikhulumayo iyokwe-
nziwa ngaphandle kokulibala.[c]
Ezinsukwini zakho,[d] O wena
ndlu edlubulundayo, ngiyokhu-
luma izwi futhi ngiligcine,” ku-
sho iNkosi EnguMbusi uJeho-
va.’”

**26** Izwi likaJehova laphinde
lafika kimi, lithi: **27** “Ndo-
dana yomuntu yilokhu oku-
shiwo abantu* bakwa-Israye-
li, ‘Umbono awubonayo uyo-
gcwaliseka ngemva kwesikha-
thi eside kusukela manje fu-
thi uprofetha ngesikhathi esi-
sekude kakhulu.’[e] **28** Ngakho
yithi kubo, ‘Yilokhu iNkosi
EnguMbusi uJehova ekushoyo:
“‘Engikushoyo kuyokwenziwa
ngokushesha; noma yini engi-
yishoyo iyokwenziwa,’ kusho
iNkosi EnguMbusi uJehova.”’”

**13** Izwi likaJehova laphi-
nde lafika kimi, lithi:
**2** “Ndodana yomuntu, profe-
tha ngokumelene nabaprofe-
thi bakwa-Israyeli,[f] uthi ku-
labo abazakhela ezabo izi-
profetho,*[g] ‘Yizwani izwi li-
kaJehova. **3** Yilokhu iNkosi
EnguMbusi uJehova ekushoyo:
“Maye kubaprofethi abayizi-
phukuphuku, abalandela owa-
bo umoya, bebe bengabonanga
lutho![h] **4** O Israyeli, abapro-
fethi bakho sebenjengezimpu-
ngushe ezihlala ezindaweni
eziyincithakalo. **5** Ngeke niye
ezindaweni ezibhidlikile ezise-
zindongeni zamatshe ukuze ni-
zakhele indlu ka-Israyeli kabu-
sha,[a] ukuze u-Israyeli aqhube-
ke emile empini ngosuku luka-
Jehova.”[b] **6** “Babone imibono
engamanga babikezela ama-
nga, labo abathi, ‘Usho kanje
uJehova,’ kuyilapho uJehova
engabathumanga, baye balinda
ukuba kugcwaliseke izwi labo.[c]
**7** Akuwona yini umbono onga-
manga lo eniwubonile, akuwo-
na yini amanga lawa eniwabi-
kezele lapho nithi, ‘Usho kanje
uJehova,’ ngibe ngingashongo
lutho?”’

**8** “‘Ngakho yilokhu iNko-
si EnguMbusi uJehova eku-
shoyo: “‘Ngenxa yokuthi niye
nakhuluma amanga nemibo-
no yenu ingamanga, ngimele-
ne nani,’ kusho iNkosi Engu-
Mbusi uJehova.”[d] **9** Isandla
sami simelene nabaprofethi
ababona imibono engamanga
nababikezela amanga.[e] Ngeke
babe phakathi kwabantu engi-
sondelene nabo; ngeke babha-
lwe encwadini yokubhalisa ye-
ndlu ka-Israyeli; ngeke babuye-
le ezweni lakwa-Israyeli; niyo-
kwazi ukuthi mina ngiyiNkosi
EnguMbusi uJehova.[f] **10** Ko-
nke lokhu kungenxa yokuthi
baye badukisa abantu bami,
bethi, “Kukhona ukuthula!”
kube kungekho ukuthula.[g] La-
pho kwakhiwa udonga olunte-
kenteke oluhlukanisayo, balu-
caka ngomcako.’*[h]

**11** “Tshela labo abalucaka
ngomcako ukuthi luzowa. Ku-
zofika imvula ekhukhulayo,
kufike isichotho, izivunguvu-
ngu ezinamandla ziludilize.[i]

**12:27** *NgesiHebheru, “indlu.” **13:2** *Noma, “abaprofetha okuvela kweyabo inhliziyo.”

**13:10** *Okuwukuthi, ukwakha udonga lwangaphakathi oluntekenteke, ulucake ngomcako uzama ukulwenza lubukeke luqinile.

ISAHL. 12
a Jow 2:1 Zef 1:14
b Jer 14:14 IsiL 2:14 Hez 13:23
c IsiL 2:17 Zak 1:6
d Hab 1:5
e Isay 5:19 Isay 28:15 2Pe 3:3, 4

ISAHL. 13
f Mik 3:5 Zef 3:4
g Jer 14:14 Jer 23:16
h Jer 23:32

Uhla 2
a Hez 22:30
b Isay 2:12 Jow 1:15
c Jer 29:31, 32
d Hez 22:28
e Jer 14:14 Jer 28:15, 16 Jer 29:8, 9
f Hez 6:13 Hez 11:10
g Jer 6:13, 14
h Isay 30:10 Hez 22:28
i Isay 27:8

**12** Lapho lolu donga ludilika
niyobuzwa, ‘Uphi umcako ebe-
nicake ngawo?’[a]
**13** “Ngakho yilokhu iNkosi
EnguMbusi uJehova ekushoyo:
‘Ngolaka lwami ngiyobangela
ukuba kube khona izivungu-
vungu ezinamandla, ngentu-
kuthelo yami ngibangele imvu-
la ekhukhulayo, ngokufutheka
kwami okubhubhisayo ngiba-
ngele isichotho. **14** Ngiyodili-
za udonga enilucake ngomca-
ko ngiluwisele phansi, isiseke-
lo salo siyoba sobala. Lapho
idolobha liwa, niyoshabalala
ngaphakathi kwalo; niyokwazi
ukuthi nginguJehova.’
**15** “‘Lapho lonke ulaka lwa-
mi ngilukhiphela odongeni na-
kulabo abalucaka ngomcako,
ngiyothi kini: “Udonga alu-
sekho, nalabo abalucaka-
yo abasekho.[b] **16** Abaprofe-
thi bakwa-Israyeli abasekho,
labo abaprofetha ngeJerusale-
ma nababona imibono yo-
kuthula ngalo kube kunge-
kho ukuthula,”’[c] kusho iNkosi
EnguMbusi uJehova.
**17** “Kodwa wena ndodana
yomuntu, bhekisa ubuso ba-
kho emadodakazini abantu ba-
kini azakhela ezawo izipro-
fetho, uprofethe ngokumelene
nawo. **18** Yithi kuwo, ‘Yilo-
khu iNkosi EnguMbusi uJe-
hova ekushoyo: “Maye kwa-
besifazane abathunga imichi-
lo yazo zonke izingalo* be-
nze amaveyili amakhanda obu-
khulu obuhlukahlukene uku-
ze bazingele ukuphila# kwaba-
ntu! Ingabe nizingela ukuphi-
la# kwabantu bami, nibe niza-
ma ukulonda okwenu ukuphi-
la?# **19** Ingabe nizongingcoli-
sa kubantu bami ngenxa ye-
nkeshezana yebhali nezingce-
zwana zesinkwa,[a] nibulale aba-
ntu# okungafanele bafe futhi
nilonde labo# okungafanele ba-
phile, nenza kanjalo ngokuqa-
mba amanga kubantu bami
abalalela amanga enu?”’[b]
**20** “Ngakho yilokhu iNko-
si EnguMbusi uJehova ekusho-
yo: ‘Ngimelene nemichilo yenu
nina besifazane, enizingela
ngayo abantu# njengokunga-
thi bayizinyoni, ngizoyihlwi-
tha ezingalweni zenu ngikhu-
lule labo enibazingela nje-
ngezinyoni. **21** Ngiyohlwitha
amaveyili enu ngikhulule aba-
ntu bami esandleni senu, nge-
ke besaba yinto eningayizinge-
la; niyokwazi ukuthi nginguJe-
hova.[c] **22** Nimdangalisile olu-
ngile ngamanga enu[d] mina ngi-
be ngingambangelanga ukuci-
ndezeleka,* nizenze zaqina iza-
ndla zomubi[e] ukuze angayishi-
yi indlela yakhe embi aphile.[f]
**23** Ngakho nina besifazane
ngeke nisayibona imibono ya-
manga, ngeke nisabhula;[g] ngi-
yobakhulula abantu bami esa-
ndleni senu, niyokwazi ukuthi
nginguJehova.’”

**14** Amanye amadoda ama-
dala akwa-Israyeli eza
afike ahlala phansi pha-
mbi kwami.[h] **2** Kwabe sekufi-
ka izwi likaJehova kimi, lathi:
**3** “Ndodana yomuntu, la ma-
doda azimisele ukulandela izi-
thixo zawo ezinyanyisayo,*
abeke isikhubekiso esibangela
ukuba abantu bone. Ingabe ku-
fanele ngiwavumele abuze nga-
mi?[i] **4** Manje khuluma nawo
uthi kuwo, ‘Yilokhu iNkosi

---

**13:18** *Okuwukuthi, imichilo yemilingo egqokwa ezindololwaneni noma ezihlakaleni. **13:18-20** #Noma, “imiphefumulo.”

**13:22** *Noma, “ubuhlungu.” **14:3** *Lena yinkulumo yesiHebheru okungenzeka ihlobene negama elisho “ubulongwe,” isetshenziswa njengenkulumo yokwedelela.

---

ISAHL. 13
a Jer 37:19
b Isay 30:12, 13
c Jer 6:13, 14; Jer 28:1-4

Uhla 2
a Mik 3:11
b Jer 23:14
c Hez 6:13
d Jer 27:14
e Jer 23:14
f Jer 23:16, 17
g Dut 18:10, 14; Jer 27:9; Mik 3:6

ISAHL. 14
h Hez 33:30, 31
i 2Kh 3:13; Isay 1:15; Jer 11:11

EnguMbusi uJehova ekusho-
yo: "Uma umIsrayeli ezimise-
le ukulandela izithixo zakhe
ezinyanyisayo, abeke isikhube-
kiso esibangela ukuba abantu
bone bese ebuza kumprofe-
thi, mina Jehova, ngiyomphe-
ndula ngendlela efanele ngoku-
vumelana nezithixo zakhe ezi-
ningi ezinyanyisayo. **5** Ngiyo-
bangela ukwesaba okukhulu
ezinhliziyweni zendlu ka-Isra-
yeli ngoba yonke ingishiyile ya-
landela izithixo zayo ezinya-
nyisayo."'[a]

**6** "Ngakho yithi endlini ka-
Israyeli, 'Yilokhu iNkosi Engu-
Mbusi uJehova ekushoyo: "Bu-
yani nifulathele izithixo
zenu ezinyanyisayo, niphendu-
le ubuso benu bufulathele yo-
nke imikhuba yenu enengeka-
yo.[b] **7** Ngoba uma noma yi-
muphi umIsrayeli noma umu-
ntu oyisifiki ohlala kwa-Israye-
li ezihlukanisa nami futhi ezi-
misele ukulandela izithixo za-
khe ezinyanyisayo, abeke isi-
khubekiso esibangela ukuba
abantu bone bese eza azo-
buza kumprofethi wami,[c] mina
Jehova, ngizomphendula ma-
thupha. **8** Ngiyokwenza ubu-
so bami bumfulathele lowo mu-
ntu ngimenze abe yisixwayi-
so nesaga, ngiyomnquma ku-
bantu bami;[d] niyokwazi ukuthi
nginguJehova."'

**9** "'Kodwa uma umprofethi
ekhohlisiwe bese enikeza impe-
ndulo, yimina Jehova engim-
khohlisile lowo mprofethi.[e] Ngi-
yobe sengilulela isandla sami
kuye, ngimqothule kubantu
bami u-Israyeli. **10** Bayothwa-
la icala labo; icala lobuza-
yo liyofana necala lomprofethi,
**11** ukuze indlu ka-Israyeli inga-
be isaduka ichezuke kimi futhi
iyeke ukuzingcolisa ngazo zo-
nke iziphambeko zabo. Bayoba
abantu bami mina ngibe uNku-
lunkulu wabo,'[a] kusho iNkosi
EnguMbusi uJehova."

**12** Izwi likaJehova laphinde
lafika kimi, lithi: **13** "Ndoda-
na yomuntu, uma izwe le-
nza isono kimi ngokwenza ngo-
kungathembeki, ngiyokwelule-
la isandla sami kulo nginqamu-
le ilungiselelo lalo lokudla,*[b]
ngithumele indlala kulo,[c] ngi-
nqume kulo umuntu nesilwa-
ne."[d] **14** "'Ngisho noma nga-
be la madoda amathathu—uNo-
wa,[e] uDaniyeli[f] noJobe[g]—abe-
kulo, abeyozisindisa wona wo-
dwa ngenxa yokulunga kwa-
wo,'[h] kusho iNkosi EnguMbusi
uJehova."

**15** "'Noma ake sithi ngenza
ukuba kudlule izilwane zase-
ndle eziyingozi ezweni futhi zi-
bulale abantu abaningi,* zile-
nze libe ihlane eliyincithakalo
kungadluli muntu ngenxa yale-
zo zilwane zasendle.[i] **16** Ngi-
yafunga,' kusho iNkosi Engu-
Mbusi uJehova, 'ngisho noma
ngabe la madoda amathathu
abekulo, abengeke akwazi uku-
sindisa amadodana namadoda-
kazi awo; abeyozisindisa wona
kuphela, nezwe beliyoba inci-
thakalo.'"

**17** "'Noma ake sithi ngile-
tha inkemba kulelo zwe,[j] bese
ngithi: "Inkemba mayidlule ku-
lelo zwe," inqume kulo kokubi-
li umuntu nesilwane,[k] **18** ngi-
sho noma ngabe la madoda
amathathu abekulo, ngiyafu-
nga,' kusho iNkosi EnguMbu-
si uJehova, 'abengeke akwa-
zi ukusindisa amadodana na-
madodakazi awo; abeyozisindi-
sa wona kuphela.'"

**19** "'Noma ake sithi ngithu-

ISAHL. 14
a Jer 2:5
b Isay 55:7
c Jer 21:1, 2; Hez 33:31
d Lev 20:2, 3
e 1Kh 22:21, 22; Jer 4:10; 2Th 2:10, 11

Uhla 2
a Jer 24:7; Hez 11:19, 20
b Lev 26:26
c Isay 3:1; Jer 15:2
d Jer 7:20
e Gen 6:8, 9; Heb 11:7
f Dan 10:11
g Job 1:8; Job 42:8
h IzA 11:4; Jer 15:1; 2Pe 2:9
i Lev 26:22; Jer 15:3
j Lev 26:25; Jer 25:9; Hez 21:3
k Zef 1:3

**14:13** *NgesiHebheru, "ngiphule izindu-ku zalo zezinkwa." Kungenzeka libhekisela ezindukwini ezazisetshenziselwa ukugcina izinkwa. **14:15** *Noma, "ziliphuce abantwana."

mela isifo esiwumshayabhuqe
kulelo zwe[a] futhi ngithululele
ulaka lwami kulo kanye noku-
chitheka kwegazi, ukuze ngi-
nqume kulo umuntu kanye ne-
silwane, **20** ngisho noma nga-
be uNowa,[b] uDaniyeli[c] noJobe[d]
bebekulo, ngiyafunga,’ kusho
iNkosi EnguMbusi uJehova,
‘bebengeke bakwazi ukusindi-
sa amadodana namadodakazi
abo; bebeyozisindisa bona ku-
phela ngenxa yokulunga kwa-
bo.’ ”[e]
**21** “Ngoba yilokhu iNkosi
EnguMbusi uJehova ekushoyo:
‘Kuyoba njalo lapho ngithume-
la izijeziso zami ezine*[f]—inke-
mba, indlala, izilwane zasendle
eziyingozi nesifo esiwumsha-
yabhuqe[g]—eJerusalema ukuze
nginqume kulo umuntu nesi-
lwane.[h] **22** Nokho, abanye
abasele kulo bayophunyuka
bakhishwe kulo,[i] amadodana
namadodakazi. Beza kini futhi
lapho nibona izindlela zabo ne-
zenzo zabo, nakanjani niyodu-
duzwa ngenhlekelele engayile-
tha eJerusalema, ngakho ko-
nke engakwenza kulo.’ ”
**23** “ ‘Bayoniduduza lapho
nibona izindlela zabo nezenzo
zabo, niyokwazi ukuthi angi-
kwenzanga ngaphandle kwesi-
zathu lokho okwakumele ngi-
kwenze kulo,’[j] kusho iNko-
si EnguMbusi uJehova.”

**15** Izwi likaJehova laphinde
lafika kimi, lithi: **2** “Ndo-
dana yomuntu, sihluke nga-
ni isihlahla samagilebhisi kwezi-
nye izihlahla noma igatsha laso
kwezinye izihlahla zasehlathini?
**3** Isigxobo saso singasetshenzi-
selwa yini ukwenza umsebenzi
othile? Noma ingabe abantu ba-
yayenza yini ngaso into yo-
kulengisa izitsha? **4** Bheka! Si-
phonswa emlilweni ukuze kuba-
swe ngaso futhi umlilo usidla
ngapha nangapha uhangule ne-
ndawo yaso emaphakathi. Inga-
be ukhona umsebenzi esinga-
wenza manje? **5** Ngisho nala-
pho sisaphelele, sasingasetshe-
nziselwa lutho. Kangakanani-ke
lapho umlilo ususidlile wasiha-
ngula!”
**6** “Ngakho yilokhu iNkosi
EnguMbusi uJehova ekushoyo:
‘Njengesihlahla samagilebhisi
phakathi kwezihlahla zasehla-
thini, engisenze saba yinto yo-
kubasa umlilo, ngiyosebenze-
lana kanjalo nabakhe eJerusa-
lema.[a] **7** Ngenze ubuso bami
bamelana nabo. Baphunyuki-
le emlilweni, kodwa umlilo
uzobashisa ubaqede. Niyokwa-
zi ukuthi ngimguJehova lapho
ngenza ubuso bami bumelane
nabo.’ ”[b]
**8** “ ‘Ngiyokwenza izwe libe
incithakalo[c] ngenxa yokuthi
benze izenzo zokungathembe-
ki,’[d] kusho iNkosi EnguMbusi
uJehova.”

**16** Izwi likaJehova laphi-
nde lafika kimi, lithi:
**2** “Ndodana yomuntu, yazi-
sa iJerusalema imikhuba yalo
enyanyisayo.[e] **3** Uthi, ‘Yilo-
khu iNkosi EnguMbusi uJeho-
va ekushoyo kulo iJerusale-
ma: “Indabuko yakho nenkaba
yakho kusezweni lomKha-
nani. Uyihlo wayengumAmori,[f]
unyoko engumHeti.[g] **4** Ngo-
kuqondene nokuzalwa kwa-
kho, ngosuku owazalwa nga-
lo inkaba yakho yayingasi-
kwanga, awugezwanga ngama-
nzi ukuze uhlanzeke, awuhli-
kihlwanga ngosawoti futhi
awusongwanga ngezindwangu.
**5** Akekho owakuhawukela wa-
kwenzela noma iyiphi kule-
zi zinto. Akekho owakubonisa
uzwela. Kunalokho waphonswa

14:21 * Noma, “izenzo zami ezine zokwa-
hlulela ezilimazayo.”

ISAHL. 14
a Dut 28:21, 22
b Gen 7:1
c Dan 10:11
d Job 1:8; Job 42:8
e Hez 18:20; Zef 2:3
f Jer 15:2
g Hez 5:17; Hez 33:27
h Jer 32:43
i Dut 4:31; 2Kr 36:20; Hez 6:8; Mik 5:7
j Neh 9:33; Jer 22:8, 9; Hez 9:9; Dan 9:7

Uhla 2

ISAHL. 15
a Hu 80:14-16; Isay 5:24; Jer 7:20; Hez 20:47
b Hez 6:7; Hez 7:4
c Isay 6:11; Jer 25:11; Hez 6:14
d 2Kr 36:14

ISAHL. 16
e Hez 8:10; Hez 20:4
f Jos 10:5; 1Kh 21:25, 26; 2Kh 21:11
g 1Kr 1:13, 14

endle ngoba wawuzondwa ngo-
suku owazalwa ngalo.
**6** "'"Lapho ngidlula, ngaku-
bona ungqashangqasha egazi-
ni lakho, njengoba ulele lapho
egazini lakho, ngathi: 'Qhube-
ka uphila!' Yebo, ngathi kuwe
ulele lapho egazini lakho:
'Qhubeka uphila!' **7** Ngakwe-
nza waba ququqaba olukhu-
lu kakhulu, njengezitshalo ezi-
mila ensimini, wakhula waba
mkhulu wafaka imihlobiso emi-
hle kunayo yonke. Amabele
akho aqina nezinwele zakho
zakhula; kodwa wawusaha-
mba-ze, unqunu."'
**8** "'Lapho ngidlula ngikubo-
na, ngaphawula ukuthi usu-
mdala ngokwanele ukuba ubo-
niswe uthando. Ngakho ngelu-
lela ingubo yami phezu kwa-
kho[a] ngamboza ubunqunu ba-
kho, ngafunga kuwe, ngange-
na esivumelwaneni nawe,' ku-
sho iNkosi EnguMbusi uJe-
hova, 'waba ngowami. **9** Nga-
phezu kwalokho ngakugeza
ngamanzi, ngayakaza igazi la-
kho ngakugcoba ngamafu-
tha.[b] **10** Ngabe sengikugqoki-
sa ingubo ehlotshisiwe, nga-
kunika izicathulo ezinhle zesi-
khumba,* ngakusonga ngeline-
ni elisezingeni eliphezulu, nga-
kugqokisa izingubo ezibizayo.
**11** Ngakuhlobisa ngemihlobi-
so, ngakufaka amabhengela
ezandleni nomgexo entanyeni.
**12** Ngakufaka nendandatho
ekhaleni namacici ezindlebeni
nomqhele omuhle ekhanda la-
kho. **13** Wawulokhu uzihlobi-
sa ngegolide nesiliva, wawu-
gqoka izingubo zelineni elisezi-
ngeni eliphezulu, indwangu
ebizayo nengubo ehlotshisi-
we. Wawudla ufulawa ocoleki-
le, uju namafutha, waba muhle
kakhulu,[a] wafanelekela ukuba
indlovukazi.'"*
**14** "'Waqala ukuba nodu-
mo* ezizweni[b] ngenxa yobuhle
bakho ngoba babungenasici
ngenxa yokuthi ngabeka inka-
zimulo yami phezu kwakho,'[c]
kusho iNkosi EnguMbusi uJe-
hova."
**15** "'Kodwa waqala ukuthe-
mbela ebuhleni bakho,[d] waba
yisifebe ngenxa yodumo lwa-
kho.[e] Wawufeba nawo wo-
nke umuntu odlula ngendle-
la,[f] ubuhle bakho baba obabo.
**16** Wathatha ezinye zezingubo
zakho wenza izindawo ezipha-
keme ezimibalabala owawufe-
bela kuzo[g]—izinto ezinjalo aku-
fanele zenzeke, akufanele neze
zenzeke. **17** Wathatha nezi-
nto zakho zokuhloba ezinhle
zegolide nesiliva engangikuni-
ke lona, wazenzela imifane-
kiso yomuntu wesilisa wa-
feba nayo.[h] **18** Wathatha ne-
zingubo zakho ezihlotshisi-
we wayimboza ngazo,* wayi-
nika amafutha ami nempepho
yami.[i] **19** Isinkwa engangiku-
nike sona—esenziwe ngofula-
wa ocolekile, amafutha noju
engangikunike kona ukuba
udle—naso wasinika yona saba
iphunga elimnandi.*[j] Yilokho
kanye okwenzeka,' kusho iNko-
si EnguMbusi uJehova."
**20** "'Wathatha amadodana
namadodakazi akho owawu-
ngizalele wona,[k] wanikela nga-
wo ezithixweni aba umhla-
tshelo[l]—azanele yini lezi ze-
nzo zakho zobufebe? **21** Wa-
hlaba amadodana ami, wa-
wenza imihlatshelo ngokuwa-
shisa emlilweni.[m] **22** Njengo-

ISAHL. 16
*a* Rut 3:9
*b* Hu 23:5

Uhla 2
*a* Hu 48:2
*b* 1Kh 4:21
*c* 1Kh 10:1; Hu 50:2; IsiL 2:15
*d* Jer 7:4; Mik 3:11
*e* 1Kh 11:5, 7; Hu 106:35, 36; Isay 57:7, 8; Jer 2:20; Jak 4:4
*f* Jer 3:13
*g* 1Kh 14:22, 23; 2Kr 21:5, 11
*h* Isay 57:7, 8
*i* Hez 8:10, 11
*j* 2Kh 22:16, 17
*k* Eks 13:2
*l* Hu 106:37, 38
*m* Lev 18:21; Lev 20:2; 2Kh 16:1, 3; 2Kr 33:1, 6; Jer 7:31; Hez 20:26

**16:10** *Noma, "zesikhumba semvu yamanzi."

**16:13** *Noma, "isikhundla sasebukhosini." **16:14** *NgesiHebheru, "negama." **16:18** *Okuwukuthi, izithixo zabesilisa. **16:19** *Noma, "elanelisayo; elizolisayo." NgesiHebheru, "elizolile."

ba wawenza yonke imikhuba
enengekayo nezenzo zobufe-
be, awuzikhumbulanga izinsu-
ku zobusha bakho usahamba-
ze, unqunu, ungqashangqasha
egazini lakho. **23** Maye! Maye
kuwe ngoba wenze zonke lezi
zinto ezimbi!'[a] kusho iNkosi
EnguMbusi uJehova. **24** 'Wa-
zakhela indunduma, wazenze-
la indawo ephakeme kuzo zo-
nke izigcawu. **25** Wakha izi-
ndawo eziphakeme ezindaweni
eziphambili kakhulu kuzo zo-
nke izitaladi, ubuhle bakho wa-
benza baba yinto enengekayo
ngokunika bonke abantu aba-
dlulayo umzimba wakho,*[b] wa-
ndisa izenzo zakho zobufebe.[c]
**26** Wafeba namadodana ase-
Gibhithe,[d] omakhelwane ba-
kho abashiswa inkanuko,* wa-
ngicasula ngezenzo zakho ezi-
ningi zobufebe. **27** Manje ngi-
zokwenza isandla sami sime-
lane nawe, nginciphise isabe-
lo sakho sokudla,[e] ngikunikele
kwabesifazane abakuzondayo
ukuba benze abakuthandayo
ngawe,[f] amadodakazi amaFili-
sti, abanyanyiswe ukuziphatha
kwakho okungamanyala.[g]
**28** "'Ngenxa yokuthi wawu-
nganeliseki, wabe usufeba na-
madodana ase-Asiriya,[h] kodwa
ngemva kokufeba nawo, na-
lapho futhi awanelisekanga.
**29** Ngakho waqhubeka wenza
ubufebe bakho ezweni laba-
hwebi,* nakumaKhaledi,[i] kodwa
ngisho nalapho awaneliseka-
nga. **30** Yeka indlela eyayigu-
la* ngayo inhliziyo yakho,'# ku-
sho iNkosi EnguMbusi uJeho-
va, 'lapho wenza zonke lezi zi-
nto, uziphathisa okwesifebe esi-
ngenamahloni![a] **31** Kodwa la-
pho wakha indunduma yakho
endaweni ephambili kakhulu
kuzo zonke izitaladi futhi we-
nza indawo yakho ephakeme
kuzo zonke izigcawu, wawunga-
fani nesifebe ngoba wenqaba
ukukhokhelwa. **32** Ungumfazi
oyisiphingi, othanda izihambi
esikhundleni somyeni wakhe![b]
**33** Abantu banika izifebe izi-
pho,[c] kodwa wena unika bonke
abakukhanukelayo izipho,[d] uya-
bafumbathisa ukuze beze kuwe
bevela kuzo zonke izindawo
ukuze bafebe nawe.[e] **34** Wena
awufani nabanye besifazane
abafebayo. Akekho ofeba nje-
ngawe! Uwena okhokhayo, bona
abakukhokheli. Indlela owenza
ngayo ihlukile.'
**35** "Ngakho-ke sifebe,[f] yi-
zwa izwi likaJehova. **36** Yilo-
khu iNkosi EnguMbusi uJeho-
va ekushoyo: 'Ngenxa yokuthi
inkanuko yakho ithululiwe no-
bunqunu bakho bahlala oba-
la ngesikhathi ufeba namashe-
nde akho nazo zonke izithixo
zakho ezinengekayo nezinya-
nyisayo*[g] oze wazenzela um-
hlatshelo ngegazi lamadodana
akho,[h] **37** ngizoqoqela nda-
wonye wonke amashende oye
wawathokozisa, bonke labo
owawubathanda kanye nabo
bonke owawubazonda. Ngizo-
baqoqela ndawonye bamelane
nawe bevela kuzo zonke izi-
ndawo, ngibambulele ubunqu-
nu bakho, bayokubona uha-
mba-ze.[i]
**38** "'Ngizokwahlulela nge-
zahlulelo ezifanele abesifaza-
ne abayiziphingi[j] nabachitha

**ISAHL. 16**
a Jer 13:27; Zef 3:1
b Jer 2:23, 24
c Jer 3:2
d Isay 30:2, 3; Jer 2:36
e Dut 28:48
f Hu 106:41
g Jer 2:11, 12
h 2Kh 16:7
i Hez 23:14, 16

**Uhla 2**
a Jer 3:3
b Jer 3:1, 20
c Gen 38:16
d Isay 57:9
e 2Kr 16:2, 3
f Isay 1:21; Jer 3:6
g 2Kh 21:11
h Hu 106:37, 38
i Jer 13:22; IsiL 1:8
j Gen 38:24; Lev 20:10; Dut 22:22

**16:25** *NgesiHebheru, "ngokuvulela bonke abadlulayo imilenze yakho." **16:26** *NgesiHebheru, "abanenyama enkulu." **16:29** *NgesiHebheru, "laseKhanani." **16:30** *Noma, "eyayibuthaka." #Noma kungaba, "Yeka indlela engikuthukuthelele kakhulu ngayo."

**16:36** *Lena yinkulumo yesiHebheru okungenzeka ihlobene negama elisho "ubulongwe," isetshenziswa njengenkulumo yokwedelela.

igazi,[a] igazi lakho liyochithwa
ngezenzo zolaka nomhawu.[b]
**39** Ngizokunikela esandleni
samashende akho, ayobhidli-
za izindunduma zakho, izinda-
wo zakho eziphakeme ziyodi-
lizwa;[c] ayokukhumula izingu-
bo zakho[d] athathe izinto za-
kho ezinhle zokuhloba aku-
shiye[e] uhamba-ze futhi unqu-
nu. **40** Ayoletha isixuku si-
melane nawe[f] akushaye nga-
matshe,[g] akubulale ngezinke-
mba zawo.[h] **41** Ayoshisa izi-
ndlu zakho ngomlilo[i] akwa-
hlulele phambi kwabesifaza-
ne abaningi; ngiyobuqeda ubu-
febe bakho,[j] uyoyeka ukukho-
kha. **42** Ngizokwenza ulaka
lwami ngawe lwehle,[k] ngeke
ngisakuthukuthelela;[l] ngizozo-
la ngingabe ngisacasuka.'

**43** "'Ngenxa yokuthi awuza-
nge uzikhumbule izinsuku zo-
busha bakho[m] futhi ungithuku-
thelisile ngokwenza zonke lezi
zinto, nami ngizoletha imi-
phumela yezindlela zakho phe-
zu kwekhanda lakho,' kusho
iNkosi EnguMbusi uJehova,
'ngeke usaqhubeka nokuzi-
phatha kwakho okungamanya-
la kanye nayo yonke imikhuba
yakho enengekayo.

**44** "'Wonke umuntu osebe-
nzisa izaga uyosho lesi saga
ngawe: "Indodakazi ifuze uni-
na!"[n] **45** Uyindodakazi kanyo-
ko, owenyanya umyeni wakhe
nezingane zakhe. Ungudade-
wabo wodadewenu, abenyanya
abayeni babo nezingane zabo.
Unyoko wayengumHeti, uyihlo
engumAmori.'"[o]

**46** "'Udadewenu omdala yi-
Samariya,[p] ohlala enyakatho*
yakho namadodakazi# akhe,[q]
udadewenu omncane ohlala
eningizimu* yakho yiSodoma,[a]
uhlala namadodakazi akhe.[b]
**47** Awugcinanga nje ngokuha-
mba ezindleleni zabo nokula-
ndela imikhuba yabo enya-
nyekayo, kodwa ngesikhasha-
na nje wawukhohlakele ka-
khulu kunabo kuzo zonke izi-
nto owawuzenza.[c] **48** Ngiya-
funga,' kusho iNkosi EnguMbu-
si uJehova, 'iSodoma udade-
wenu namadodakazi alo aba-
kwenzanga lokho wena na-
madodakazi akho enikwenzi-
le. **49** Bheka! Nakhu okwa-
ba yiphutha leSodoma uda-
dewenu: Lona namadodakazi
alo[d] babeziqhenya,[e] benokudla
okuningi[f] futhi bengakhatha-
zeki ngalutho;[g] kodwa abaza-
nge babasize abahluphekile
nabampofu.[h] **50** Abayekanga
ukuqhosha[i] nokwenza imikhu-
ba enengekayo phambi kwami,[j]
ngakho ngabona kufanele uku-
ba ngibabhubhise.[k]

**51** "'ISamariya[l] lona alenza-
nga ngisho nohhafu wezono za-
kho eziningi. Waqhubeka we-
nza imikhuba enengekayo nga-
phezu kwaleyo elayenza, kanga-
ngokuba odadewenu babonaka-
la belungile ngenxa yayo yo-
nke imikhuba yakho enengeka-
yo.[m] **52** Manje sekumele uhla-
zeke ngenxa yokuthi uvune
ukuziphatha* kodadewenu. Ma-
yelana nesono sakho sokwenza
ngendlela enengeka ukwedlula
eyabo, icala labo lingcono kune-
lakho. Ngakho manje, yiba na-
mahloni uhlazeke ngenxa yoku-
thi wenze odadewenu babona-
kala belungile.'

**53** "'Ngiyoqoqa izithunjwa
zabo, izithunjwa zeSodoma na-
madodakazi alo nezithunjwa
zeSamariya namadodakazi alo;

**ISAHL. 16**

a Gen 9:6; Eks 21:12
b Hu 79:2, 3; Hez 23:25
c Isay 27:9; Hez 16:24
d Jer 4:30
e Isay 3:18-23; Hez 23:26
f Hez 23:46, 47; Hab 1:6
g Dut 22:20, 21
h 2Kr 36:17; Jer 25:9
i 2Kh 25:8, 9
j Hez 23:27
k Hez 5:13
l Isay 40:2
m Jer 2:32
n 1Kh 21:25, 26; 2Kh 21:2, 9; Hu 106:35, 36
o Dut 20:17; Jos 10:5; 2Kh 21:11; Hez 16:3
p Hez 23:33
q Jer 3:8

**Uhla 2**

a Gen 18:20; Isay 3:9; Jer 23:14
b Gen 19:24, 25
c 2Kh 21:2, 9; Hez 5:5, 6
d Jud 7
e IzA 16:5
f Gen 13:10
g IzA 1:32
h IzA 21:13
i IzA 16:18
j Gen 13:13; Gen 18:20; Gen 19:4, 5
k Gen 19:24, 25; IsiL 4:6; 2Pe 2:6
l 2Kh 21:13; Jer 23:13; Hez 23:33
m Jer 3:11

---

**16:46** *NgesiHebheru, "ngakwesobunxele." #Kungenzeka kubhekiselwa ezindaweni ezingaphansi kweSamariya.

**16:46** *NgesiHebheru, "ngakwesokudla." **16:52** *Noma, "umele."

ngiyoqoqa nezithunjwa zakho
kanye nabo,[a] **54** ukuze uhla-
zeke; uyozizwa uhlazekile nge-
nxa yalokho okwenzile ubadu-
duza. **55** Odadewenu, iSodo-
ma namadodakazi alo, bayobu-
yela esimweni sabo sangapha-
mbili, neSamariya namadoda-
kazi alo bayobuyela esimweni
sabo sangaphambili, nawe na-
madodakazi akho niyobuyela
esimweni senu sangaphambi-
li.[b] **56** ISodoma udadewenu
lalingakufanelekele ukuba uli-
phathe ngomlomo wakho ngo-
suku lokuziqhenya kwakho,
**57** ngaphambi kokuba ububi
bakho buvezwe obala.[c] Manje
amadodakazi aseSiriya noma-
khelwane balo bayakusola, na-
madodakazi amaFilisti,[d] lawo
akuzungezile, akwenza inhleki-
sa. **58** Uyobhekana nemiphu-
mela yokuziphatha kwakho
okungamanyala nemikhuba ya-
kho enengekayo,' kusho uJeho-
va."

**59** "Yilokhu iNkosi Engu-
Mbusi uJehova ekushoyo: 'Ma-
nje ngizokwenza kuwe njengo-
ba nje wenzile,[e] ngoba usidele-
lile isifungo ngokuphula isivu-
melwano sami.[f] **60** Kodwa
mina ngizosikhumbula isivu-
melwano engasenza nawe ezi-
nsukwini zobusha bakho, ngi-
zomisa isivumelwano saphaka-
de nawe.[g] **61** Uyoyikhumbula
indlela owawuziphatha ngayo
futhi uhlazeke[h] lapho wamuke-
la odadewenu, abadala kuna-
we nabancane kunawe, ngiyo-
kunika bona babe amadodaka-
zi, kodwa hhayi ngenxa yesivu-
melwano sakho.'

**62** "'Mina ngiyomisa isivu-
melwano sami nawe; uyokwazi
ukuthi nginguJehova. **63** Uyo-
kukhumbula owakwenza futhi
ululazeke kakhulu, ungabe usa-
kwazi nokuvula umlomo ngenxa
yokuhlazeka,[a] lapho ngikwenze-
la isihlawulelo naphezu kwazo
zonke izinto owazenza,'[b] kusho
iNkosi EnguMbusi uJehova."

**17** Izwi likaJehova laphi-
nde lafika kimi, lithi:
**2** "Ndodana yomuntu, yisho
isiphicaphicwano nesaga nge-
ndlu ka-Israyeli.[c] **3** Uthi, 'Yi-
lokhu iNkosi EnguMbusi uJe-
hova ekushoyo: "Ukhozi olu-
khulu,[d] olunamaphiko ama-
khulu nezimpaphe ezinde, ezi-
gcwele izinsiba ezimibalabala,
lwafika eLebhanoni[e] lwathatha
ingxenye engaphezulu yesi-
hlahla somsedari.[f] **4** Lwanqa-
mpuna ingxenye engaphezulu
yaso lwayiletha ezweni laba-
hwebi,* lwayibeka phansi edo-
lobheni labahwebi.[g] **5** Lwabe
seluthatha enye yembewu ye-
zwe[h] lwayitshala ensimini evu-
ndile. Lwayitshala njengesihla-
hla somnyezane ngasemanzi-
ni amaningi. **6** Le mbewu ya-
hluma yaba isihlahla samagi-
lebhisi esifushane esenabayo,[i]
amahlamvu aso ebheke nga-
phakathi, izimpande zaso za-
khula ngaphansi kwaso. Nga-
kho saba isihlahla samagile-
bhisi, saveza amahlumela sa-
khipha namagatsha.[j]

**7** "'"Kwaba khona olunye
ukhozi olukhulu,[k] olunamaphi-
ko amakhulu nezimpaphe ezi-
nkulu.[l] Lesi sihlahla samagile-
bhisi sabe sesinabisela izimpa-
nde zaso ngakulo ngokukhulu
ukushesha, kude nezivande esa-
sitshalwe kuzo, amahlamvu aso
sawabhekisela ngakulo ukuze
lusinisele.[m] **8** Kakade sasitsha-
lwe ensimini enhle ngasemanzi-
ni amaningi, ukuze siveze ama-
gatsha, sithele izithelo, sibe isi-
hlahla samagilebhisi esikhulu
ngokubabazekayo."'[n]

**17:4** *NgesiHebheru, "laseKhanani."

ISAHL. 16
a Hu 126:1
b Hez 36:11
c Hez 21:24
d 2Kr 28:18
e Isay 3:11; Gal 6:7
f Dut 29:12; Jer 22:8, 9
g Jer 32:40; Jer 50:4, 5
h Hez 20:43

Uhla 2
a Ezr 9:6; Hez 36:31
b Hu 103:12; Mik 7:18, 19

ISAHL. 17
c Hos 12:10
d Dut 28:49, 50; Jer 4:13; IsiL 4:19
e Jer 22:23
f 2Kh 24:12; 2Kr 36:9, 10; Jer 24:1
g 2Kh 24:15
h 2Kh 24:17; Jer 37:1
i Hez 17:13, 14
j 2Kr 36:11
k Hez 17:15
l Jer 37:5, 7
m 2Kh 24:20; 2Kr 36:11, 13
n Jer 37:1

9 “Yithi, ‘Yilokhu iNkosi
EnguMbusi uJehova ekusho-
yo: “Ingabe siyoqhubeka sikhu-
la? Ngeke yini othile asiphu-
le izimpande zaso,[a] enze izi-
thelo zaso zibole, enze obese-
kuhlumile kuso kubune?[b] Siyo-
koma kakhulu kangangokuba
ngeke kudingeke ingalo ena-
mandla noma abantu abani-
ngi ukuba basisiphule. 10 Na-
kuba sitshalwe kabusha, inga-
be siyoqhubeka sikhula? Nge-
ke yini some ngokuphelele la-
pho sipheshulwa umoya wase-
mpumalanga? Siyokoma eziva-
ndeni esihlumele kuzo.” ’ ”
11 Izwi likaJehova laphinde
lafika kimi, lithi: 12 “Ngice-
la uthi endlini edlubulundayo,
‘Aniboni yini ukuthi zisho uku-
thini lezi zinto?’ Yithi kuyo,
‘Bheka! Inkosi yaseBhabhilo-
ni yafika eJerusalema yatha-
tha inkosi yakhona nezikhu-
lu zakhona yeza nazo eBhabhi-
loni.[c] 13 Ngaphezu kwalokho,
yathatha omunye kwabenza-
lo* yasebukhosini[d] yenza isi-
vumelwano naye yamfungisa.[e]
Yabe isithatha abantu abavele-
le ezweni,[f] 14 ukuze umbuso
wehliswe, ungakwazi ukupha-
kama, ukuze ume kuphela uma
begcina isivumelwano sayo.[g]
15 Kodwa ekugcineni inkosi
yakwaJuda yadlubulunda ya-
melana nenkosi yaseBhabhilo-
ni[h] ngokuthumela izithunywa
zayo eGibhithe ukuze ithole
amahhashi[i] nebutho elikhu-
lu kubo.[j] Ingabe izophumele-
la? Ingabe umuntu owenza lezi
zinto ngeke ajeziswe? Angase-
phula yini isivumelwano ko-
dwa angajeziswa?’[k]
16 “ ‘ “Ngiyafunga,” kusho
iNkosi EnguMbusi uJehova,
“izofela eBhabhiloni, endaweni
okuhlala kuyo inkosi* eyayibe-
ka ukuba ibe* inkosi, leyo eya-
delela isifungo sayo yaphula
nesivumelwano sayo.[a] 17 Ibu-
tho elikhulu namasosha kaFa-
ro amaningi ngeke ayisize
empini,[b] lapho kuphakanyi-
swa izindonga zokuvimbeze-
la kwakhiwa nezindonga zoku-
vikela ukuze kubhujiswe aba-
ntu abaningi. 18 Yedelele isi-
fungo yaphula nesivumelwano.
Nakuba yenza isithembiso, ye-
nze zonke lezi zinto futhi nge-
ke iphunyuke.” ’
19 “ ‘Ngakho yilokhu iNkosi
EnguMbusi uJehova ekushoyo:
“Ngiyafunga ngithi, ngizomje-
zisa ngenxa yokuthi wedelele
isifungo sami[c] wephula nesivu-
melwano sami. 20 Ngizokwe-
lulela inethi lami phezu kwa-
khe, uyobanjwa yinethi lami lo-
kuzingela.[d] Ngiyomletha eBha-
bhiloni, ngimahlulele lapho
ngenxa yokuthi akathembeka-
nga kimi.[e] 21 Bonke ababale-
kayo emasosheni akhe bayobu-
lawa ngenkemba, abasele ba-
hlakazekele kuzo zonke izi-
ndawo.[f] Ngemva kwalokho ni-
yokwazi ukuthi mina Jehova,
ngikhulumile.” ’[g]
22 “ ‘Yilokhu iNkosi Engu-
Mbusi uJehova ekushoyo: “Ngi-
zothatha isithombo engxenyeni
ephezulu yesihlahla somseda-
ri[h] ngisitshale, emagatsheni aso
amancane aphezulu ngizokha
isithombo esihlume kuwo[i] ngi-
sitshale entabeni ende nepha-
keme.[j] 23 Ngiyositshala enta-
beni ephakeme ka-Israyeli; ama-
gatsha aso ayokhula, athe-
le izithelo kube umsedari om-
khulu ngokubabazekayo. Zo-
nke izinhlobonhlobo zezinyoni
ziyohlala ngaphansi kwawo na-
semthunzini wamahlamvu awo.
24 Zonke izihlahla zasendle zi-
yokwazi ukuthi mina Jehova

ISAHL. 17
a Jer 21:7
b 2Kh 25:7
c 2Kh 24:12, 14; Isay 39:7; Jer 22:24, 25; Jer 52:31, 32
d 2Kh 24:17; Jer 37:1
e 2Kr 36:11, 13
f 2Kh 24:15; Jer 24:1
g Jer 27:12; Jer 38:17
h 2Kh 24:20; 2Kr 36:11, 13
i Dut 17:16
j Jer 37:5
k Jer 32:3, 4

Uhla 2
a Jer 34:2, 3; Jer 52:11
b Jer 37:7, 8; IsiL 4:17; Hez 29:6
c Dut 5:11
d Hez 12:13
e Hez 20:36
f Hez 12:14
g Hez 6:13
h Isay 11:1; Jer 23:5
i Isay 53:2
j Hu 2:6

17:13 *NgesiHebheru, “wembewu.”
17:16 *Okuwukuthi, uNebukhadinezari.
17:16 *Okuwukuthi, uZedekiya.

ngisehlisile isihlahla esiphake-
me, ngaphakamisa isihlahla esi-
phansi;[a] ngomise isihlahla esi-
luhlaza ngenza ukuba isihlahla
esomile siqhakaze.[b] Mina Jeho-
va, ngikhulumile futhi ngikwe-
nzile.”’”

**18** Izwi likaJehova laphinde
lafika kimi, lithi: **2** “Si-
sho ukuthini lesi saga enisi-
sho ezweni lakwa-Israyeli, ni-
thi, ‘Obaba badle amagilebhi-
si amuncu, kodwa yimilomo ya-
bantwana emuncu’?[c]
**3** “‘Ngiyafunga,’ kusho iNko-
si EnguMbusi uJehova, ‘nge-
ke nisaqhubeka nisho lesi saga
kwa-Israyeli. **4** Lalela! Yonke
imiphefumulo* ingeyami. Nje-
ngoba nje umphefumulo kayise
ungowami, umphefumulo wom-
ntwana nawo ungowami. Um-
phefumulo# owonayo yiwo oyo-
kufa.
**5** “‘Ake sithi umuntu ulungi-
le futhi wenza ubulungisa no-
kulunga; **6** akadli imihlatshe-
lo enikelwe ezithombeni ezi-
ntabeni;[d] akazikhonzi izithixo
ezinyanyisayo* zendlu ka-Isra-
yeli; akamngcolisi umfazi ka-
makhelwane wakhe[e] futhi aka-
lali nowesifazane osesikhathi-
ni;[f] **7** akahlukumezi muntu,[g]
kodwa uyasibuyisela isibambi-
so asithathe kumuntu omkwe-
letayo;[h] akaphambi muntu,[i] ko-
dwa upha olambile ukudla
kwakhe,[j] amboze ohamba-ze
ngengubo;[k] **8** akayibizi inzalo
noma inzuzo eyeqile,[l] kodwa
uyakugwema ukungabi nabulu-
ngisa;[m] wahlulela umuntu nga-
munye ngobulungisa beqini-
so;[a] **9** uqhubeka ehamba nge-
mithetho yami, egcina izinqu-
mo zami zokwahlulela ukuze
enze ngokwethembeka. Umu-
ntu onjalo ulungile futhi na-
kanjani uyoqhubeka ephila,’[b]
kusho iNkosi EnguMbusi uJe-
hova.
**10** “‘Kodwa ake sithi uzale
indodana engumphangi[c] noma
engumbulali*[d] noma eyenza
noma iyiphi kulezi ezinye izi-
nto **11** (nakuba uyise enga-
zenzanga lezi zinto)—idla imi-
hlatshelo enikelwe ezithombe-
ni ezintabeni, ingcolisa umfazi
kamakhelwane wayo, **12** ihlu-
kumeza ohluphekayo nompo-
fu,[e] iphamba abantu, ayiyibu-
yisi into eyisibambiso, ikho-
nza izithixo ezinyanyisayo,[f]
yenza imikhuba enengekayo,[g]
**13** ibiza inzuzo eyeqile ifu-
ne nenzalo[h]—indodana ngeke
iqhubeke iphila. Ngenxa yazo
zonke lezi zinto ezinengekayo
ezenzile, nakanjani iyobulawa.
Igazi layo liyoba phezu kwayo.
**14** “‘Kodwa ake sithi ubaba
unendodana ebona zonke izo-
no zikayise azenzile, nakuba
izibona, ayizenzi. **15** Ayiyi-
dleli ezintabeni imihlatshe-
lo enikelwe ezithombeni; ayizi-
khonzi izithixo ezinyanyisayo
zendlu ka-Israyeli; ayimngcoli-
si umfazi kamakhelwane wayo;
**16** ayihlukumezi muntu, ayiyi-
thathi into eyisibambiso; ayi-
phambi muntu; inika olambi-
le ukudla kwayo, imboze oha-
mba-ze ngengubo; **17** ayiba-
cindezeli abahluphekayo; ayi-
yibizi inzuzo eyeqile noma
ifune inzalo; igcina izinqu-
mo zami zokwahlulela, ihambe
ngemithetho yami. Umuntu
onjalo ngeke afe ngenxa yesi-
phambeko sikayise. Nakanjani

**18:4** *Noma, “ukuphila.” Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. #Noma, “Umuntu.” Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **18:6** *Lena yinkulumo yesiHebheru okungenzeka ihlobene negama elisho “ubulongwe,” isetshenziswa njengenkulumo yokwedelela.

**18:10** *NgesiHebheru, “engumchithi wegazi.”

**ISAHL. 17**
a Isay 9:6; Hez 21:26, 27; Dan 4:17; Amo 9:11
b 1Sa 2:7, 8; Luk 1:52

**ISAHL. 18**
c Jer 31:29, 30
d Dut 12:2; Jer 3:6
e Lev 20:10
f Lev 18:19; Lev 20:18
g IzA 14:21
h Dut 24:12, 13
i Lev 6:2, 4
j Dut 15:11
k Isay 58:6, 7; Jak 2:15, 16
l Eks 22:25; Hu 15:5; Luk 6:34, 35
m Lev 19:35

**Uhla 2**
a Lev 19:15; Lev 25:14; Dut 1:16
b Lev 18:5
c Lev 19:13
d Gen 9:6; Eks 21:12
e Dut 15:7, 8
f Lev 26:30
g 2Kh 21:11
h Hez 22:12

uyoqhubeka ephila. **18** Ko-
dwa ngenxa yokuthi uyi-
se wayekhwabanisa, wapha-
mba umfowabo, wenza izinto
ezimbi kubantu bakubo, uyofa
ngenxa yesiphambeko sakhe.

**19** "'Kodwa niyothi: "Kunga-
ni indodana ingenacala ngenxa
yesiphambeko sikayise?" Nje-
ngoba indodana yenze ubulu-
ngisa nokulunga, igcine yonke
imithetho yami futhi yayenza,
nakanjani iyoqhubeka iphi-
la.[a] **20** Umphefumulo* owo-
nayo yiwo oyokufa.[b] Indoda-
na ngeke ibe necala ngenxa
yesiphambeko sikayise, noyise
ngeke abe necala ngenxa yesi-
phambeko sendodana. Olungi-
le uyokwahlulelwa ngokuvume-
lana nokulunga kwakhe nomu-
bi uyokwahlulelwa ngokuvu-
melana nobubi bakhe.[c]

**21** "'Uma omubi ephendu-
ka ashiye zonke izono azenzi-
le, agcine imithetho yami, enze
ubulungisa nokulunga, naka-
njani uyoqhubeka ephila. Nge-
ke afe.[d] **22** Asikho nesisodwa
isono ayobanjelwa sona* ezo-
nweni azenzile.[e] Uyoqhubeka
ephila ngenxa yokwenza okulu-
ngile.'[f]

**23** "'Kukhona yini okungi-
jabulisayo ngokufa komuntu
omubi?'[g] kusho iNkosi Engu-
Mbusi uJehova. 'Angithandi
yini ukuba aphenduke ezindle-
leni zakhe aqhubeke ephila?'[h]

**24** "'Kodwa lapho olungile
eshiya ukulunga kwakhe enze
okubi,* enze zonke izinto ezi-
nengekayo ezenziwa abantu
ababi, ingabe uyophila? Asikho
nesisodwa isenzo sakhe esilu-
ngile esiyokhunjulwa.[i] Ngenxa
yokungathembeki kwakhe ne-
sono asenzile, uyofa.[j]

**25** "'Kodwa niyothi: "Indle-
la kaJehova ayinabo ubulungi-
sa."[a] Ngicela nilalele nina ndlu
ka-Israyeli! Yindlela yami yini
engenabo ubulungisa?[b] Akuzo-
na yini izindlela zenu ezingena-
bo ubulungisa?[c]

**26** "'Lapho olungile eshiya
ukulunga kwakhe enze okubi
bese efa ngenxa yako, uyofa
ngenxa yobubi abenzile.

**27** "'Lapho omubi ephendu-
ka ebubini abenzile bese enza
ubulungisa nokulunga, uyo-
kulonda ukuphila kwakhe.[d]
**28** Lapho ebona ukuthi izinto
azenzayo zimbi bese eziyeka,
nakanjani uyoqhubeka ephila.
Ngeke afe.

**29** "'Kodwa indlu ka-Israyeli
iyothi: "Indlela kaJehova ayina-
bo ubulungisa." Ingabe ngempe-
la yizindlela zami ezingenabo
ubulungisa, nina ndlu ka-Israye-
li?[e] Akuzona yini izindlela zenu
ezingenabo ubulungisa?'

**30** "'Ngakho, ngizokwahlule-
la ngamunye wenu ngokwezi-
ndlela zakhe,[f] nina ndlu ka-Isra-
yeli,' kusho iNkosi EnguMbu-
si uJehova. 'Phendukani, yebo,
phendukani ngokuphelele kuzo
zonke izono zenu, ukuze zingabi
isikhubekiso esinilethela icala.
**31** Dedani kuzo zonke izipha-
mbeko enizenzile[g] nithole inhli-
ziyo entsha nomoya omusha,[h]
ngoba kungani kufanele nife[i]
nina ndlu ka-Israyeli?'

**32** "'Ayikho injabulo engiyi-
tholayo ngokufa komuntu,'[j] ku-
sho iNkosi EnguMbusi uJeho-
va. 'Ngakho phendukani, niphi-
le.'"[k]

**19** "Kumele ucule ingoma
yokulila ngokuphathele-
ne nezikhulu zakwa-Israyeli
**2** uthi,

'Wayenjani unyoko? Waye-
yibhubesi lensikazi pha-
kathi kwamabhubesi.

18:20 *Noma, "Umuntu." 18:22 *NgesiHebheru, "esiyokhunjulwa." 18:24 *Noma, "okungenabulungisa."

ISAHL. 18
a Dut 16:20; Rom 10:5
b Dut 24:16; Jer 31:30; Hez 18:4
c Isay 3:10, 11; Gal 6:7
d Isay 55:7; Hez 3:21; Hez 33:12, 19; IzE 3:19
e 2Kr 33:12, 13; Hu 25:7; Isay 43:25
f Hez 33:16
g IsiL 3:33; Hez 33:11; 1Ti 2:3, 4; 2Pe 3:9
h Mik 7:18
i Hez 33:12, 18; Heb 10:38; 2Jo 8
j IzA 21:16; Hez 3:20

Uhla 2
a Job 35:2; IzA 19:3; Hez 33:17, 20
b Dut 32:4
c Isay 55:9; Jer 2:17
d Isay 55:7; 1Ti 4:16
e Gen 18:25; Hu 145:17; Isay 40:14
f Job 34:11; Rom 2:6
g Hu 34:14; Isay 1:16
h Hu 51:10; Jer 32:39; Hez 11:19; Efe 4:23, 24
i Dut 30:15; IzA 8:36; IzE 13:46
j Jer 29:11; IsiL 3:33; Hez 33:11; Luk 15:10; 2Pe 3:9
k Dut 30:16

Walala phansi phakathi
kwamabhubesi anamandla,* wakhulisa amawundlu akhe.
3 Wakhulisa elinye lamawundlu akhe, laba ibhubesi elinamandla.[a]
Lafunda ukudwengula inyamazane,
Laze lashwabadela ngisho nabantu.
4 Izizwe zezwa ngalo zalibamba zalifaka emgodini wazo,
Zaliletha ezweni laseGibhithe ngamahhuku.[b]
5 Walinda, waze wagcina esephelelwa ithemba lokuthi lizobuya.
Ngakho wathatha elinye lamawundlu akhe, walithumela ngaphandle seliyibhubesi elinamandla.
6 Lalizulazula phakathi kwamabhubesi, laba ibhubesi elinamandla.
Lafunda ukudwengula inyamazane, laze lashwabadela ngisho nabantu.[c]
7 Lalicathama phakathi kwemibhoshongo yabo eqinile namadolobha ayincithakalo,
Kangangokuba izwe eliyincithakalo lagcwala umsindo wokubhonga kwalo.[d]
8 Izizwe ezivela ezigodini ezilizungezile zeza zamelana nalo futhi zelulela inethi lazo phezu kwalo,
Labanjwa emgodini wazo.
9 Zalifaka ekhejini ngamahhuku zaliletha enkosini yaseBhabhiloni.
Zafike zalivalela lapho, ukuze izwi lalo lingabe lisazwakala ezintabeni zakwa-Israyeli.

19:2 *Noma, "anomhlwenga."

ISAHL. 19
a 2Kr 36:1
b 2Kh 23:31-34 2Kr 36:4 Jer 22:11, 12
c Jer 22:17
d IzA 28:15

Uhla 2
a Hu 80:8 Isay 5:7
b Isay 5:5 Hez 15:6
c 2Kh 23:34 2Kh 24:6 2Kh 25:5-7
d Dut 32:22 Hez 15:4
e Dut 28:48 Jer 17:5, 6 Jer 52:27
f Hez 17:16, 18

10 Unyoko wayenjengesihlahla samagilebhisi[a] egazini lakho,* esitshalwe ngasemanzini.
Sathela izithelo futhi sasigcwele amagatsha ngenxa yamanzi amaningi.
11 Saba namagatsha* aqinile angaba izintonga zababusi.
Sakhula saba side kakhulu sedlula ezinye izihlahla,
Sagqama ngenxa yobude baso nangenxa yobuningi bamahlamvu aso.
12 Kodwa wasishulwa ngolaka olukhulu,[b]
Umoya wasempumalanga wazomisa izithelo zakhe.
Amagatsha akhe aqinile aphulwa oma,[c] umlilo wawashwabadela.[d]
13 Manje utshalwe ehlane,
Ezweni elingenamanzi nelomile.[e]
14 Kwaphuma umlilo emagatsheni* akhe washwabadela izithombo zakhe nezithelo zakhe,
Kwangasala gatsha eliqinile nantonga yokubusa.[f]

"'Leyo ingoma yokulila futhi iyoba ingoma yokulila esikhathini esizayo.'"

20 Kwathi ngonyaka wesikhombisa, ngenyanga yesihlanu, ngosuku lweshumi lwenyanga, kwafika amadoda amadala akwa-Israyeli ahlala phambi kwami ezobuza kuJehova.
2 Khona-ke izwi likaJehova lafika kimi lithi:
3 "Ndodana yomuntu, khuluma namadoda amadala akwa-Israyeli, uthi kuwo, 'Yilokhu iNkosi EnguMbusi uJehova ekushoyo: "Ingabe nizele ukuzobuza

19:10 *Noma kungaba, "ensimini yakho yamagilebhisi." 19:11 *Noma, "nezinduku." 19:14 *Noma, "ezindukwini."

kimi? ‘Ngiyafunga ngithi, nge-
ke nginiphendule,’[a] kusho
iNkosi EnguMbusi uJehova.”’
**4** “Ingabe ukulungele uku-
wahlulela?* Ukulungele yini
ukuwahlulela, ndodana yomu-
ntu? Watshele izinto ezinenge-
kayo ezenziwa okhokho bawo.[b]
**5** Yithi kuwo, ‘Yilokhu iNko-
si EnguMbusi uJehova ekusho-
yo: “Ngosuku engakhetha nga-
lo u-Israyeli,[c] ngafunga enza-
lweni yendlu kaJakobe, ngaze-
nza ngaziwa ezweni laseGibhi-
the.[d] Yebo, ngafunga* kuyo,
ngathi, ‘NginguJehova uNkulu-
nkulu wenu.’ **6** Ngalolo suku
ngafunga ukuthi ngizobakhi-
pha ezweni laseGibhithe ngi-
bayise ezweni engangibafune-
le* lona, eligeleza ubisi noju.[e]
Lalilihle kunawo wonke ama-
zwe. **7** Ngabe sengithi kubo,
‘Yilowo nalowo kini kumele
alahle izinto ezinengekayo ezi-
phambi kwenu; ningazingcoli-
si ngezithixo zaseGibhithe[f]
ezinyanyisayo.* NginguJehova
uNkulunkulu wenu.’[g]
**8** “‘“Kodwa badlubulunda
kimi, babengafuni ukungilale-
la. Abazilahlanga izinto ezine-
ngekayo ezaziphambi kwabo,
abazishiyanga nezithixo zase-
Gibhithe[h] ezinyanyisayo. Nga-
kho ngathi ngizothululela ula-
ka lwami kubo, ngiyidedele yo-
nke intukuthelo yami kubo
ezweni laseGibhithe. **9** Ko-
dwa ngathatha isinyathelo nge-
nxa yegama lami ukuze linga-
ngcoliswa phambi kwezizwe
ababehlala phakathi kwazo.[i]

Ngoba ngazazisa kubo* pha-
mbi kwalezi zizwe lapho ngi-
bakhipha* ezweni laseGibhi-
the.[a] **10** Ngakho ngabakhipha
ezweni laseGibhithe ngabayisa
ehlane.[b]
**11** “‘“Ngabe sengibanika
imithetho yami, ngabazisa izi-
nqumo zami zokwahlulela,[c] uku-
ze umuntu ozigcinayo aphi-
le ngenxa yazo.[d] **12** Ngabani-
ka namasabatha ami[e] aba isibo-
nakaliso phakathi kwami nabo,[f]
ukuze bazi ukuthi mina Jehova
yimina obangcwelisayo.
**13** “‘“Kodwa indlu ka-Isra-
yeli yadlubulunda kimi ehla-
ne.[g] Abahambanga ngemithe-
tho yami, bazenqaba izinqumo
zami zokwahlulela, lezo oku-
ngathi uma umuntu ezilandela,
aphile ngenxa yazo. Bawangco-
lisa ngokuphelele amasabatha
ami. Ngakho ngathi ngizothu-
lulela ulaka lwami kubo ehlane
ukuze ngibaqothule.[h] **14** Nga-
thatha isinyathelo ngenxa ye-
gama lami ukuze lingangco-
liswa phambi kwezizwe, enga-
ngibakhiphe* phambi kwazo.[i]
**15** Ngafunga kubo ehlane uku-
thi ngeke ngibalethe ezweni
engangibanike lona[j]—izwe eli-
geleza ubisi noju,[k] elihle kuna-
wo wonke— **16** ngenxa yoku-
thi bazenqaba izinqumo zami
zokwahlulela, abahambanga
ngemithetho yami, bangcolisa
amasabatha ami, ngoba inhli-
ziyo yabo yayilandela izithixo
zabo ezinyanyisayo.[l]
**17** “‘“Kodwa ngabahawuke-
la* ngangababhubhisa; angi-
zange ngibaqothule ehlane.
**18** Ngathi emadodaneni abo
ehlane,[m] ‘Ningahambi ngeziqo-
ndiso zokhokho benu[n] noma

---

**20:4** *Noma, “ukumemezela isahlulelo kuwo?” **20:5** *NgesiHebheru, “ngaphakamisa isandla sami.” **20:6** *Noma, “engangibahlolele.” **20:7** *Lena yinkulumo yesiHebheru okungenzeka ihlobene negama elisho “ubulongwe,” isetshenziswa njengenkulumo yokwedelela.

**20:9, 14** *Okuwukuthi, u-Israyeli. **20:17** *NgesiHebheru, “iso lami labahawukela.”

---

ISAHL. 20
*a* Isay 1:12, 15; Hez 14:3
*b* Hez 16:51; Hez 22:2; Luk 11:47
*c* Dut 7:6
*d* Eks 4:31; Eks 6:7, 8
*e* Eks 3:8
*f* Lev 18:3; Dut 29:16, 17; Jos 24:14
*g* Lev 20:7
*h* Eks 32:4
*i* Num 14:13-16; Dut 9:27, 28; 1Sa 12:22

Uhla 2
*a* Eks 32:11, 12; Jos 2:9, 10; Jos 9:3, 9; 1Sa 4:7, 8
*b* Eks 13:17, 18; Eks 15:22
*c* Dut 4:8
*d* Dut 8:3; Dut 30:16
*e* Eks 20:8-10; Lev 23:3, 24; Lev 25:4, 11
*f* Eks 31:13; Eks 35:2
*g* Eks 32:8; Num 14:22, 23
*h* Num 14:11, 12
*i* Jos 7:9; Hez 36:22
*j* Num 14:30; Hu 95:11; Hu 106:26, 27
*k* Num 13:26, 27
*l* Eks 32:1, 4; Num 25:1, 2; IzE 7:42
*m* Num 14:33
*n* Hu 78:8

nigcine izahlulelo zabo noma
nizingcolise ngezithixo zabo
ezinyanyisayo. **19** NgingguJe-
hova uNkulunkulu wenu. Ha-
mbani ngemithetho yami, ni-
gcine izinqumo zami zokwa-
hlulela nenze ngokuvumelana
nazo.[a] **20** Ngcwelisani amasa-
batha ami,[b] ayoba isibonakali-
so phakathi kwami nani, uku-
ze nazi ukuthi ngingguJehova
uNkulunkulu wenu.'[c]

**21** "'"Kodwa amadodana
aqala ukudlubulunda kimi.[d]
Awahambanga ngemithetho
yami, awazigcinanga izinqumo
zami zokwahlulela futhi awe-
nzanga ngokuvumelana nazo,
lezo okungathi uma umuntu
ezilandela, aphile ngenxa yazo.
Awangcolisa amasabatha ami.
Ngakho ngathi ngizothululela
ulaka lwami kuwo, ngiyidedele
yonke intukuthelo yami kuwo
ehlane.[e] **22** Kodwa angibange
ngisakwenza lokho[f] ngatha-
tha isinyathelo ngenxa ye-
gama lami,[g] ukuze lingangco-
liswa phambi kwezizwe, lezo
engabakhipha* phambi kwa-
zo. **23** Ngafunga kubo ehlane
ngathi ngiyobahlakazela pha-
kathi kwezizwe ngibasakazele
emazweni,[h] **24** ngenxa yoku-
thi abenzanga ngokuvumelana
nezinqumo zami zokwahlulela,[i]
bayenqaba imithetho yami, ba-
ngcolisa amasabatha ami, ba-
landela izithixo ezinyanyisayo
zokhokho babo.[j] **25** Ngabaye-
ka balandela iziqondiso ezinge-
zinhle nezinqumo zokwahlule-
la ababengeke bathole ukuphi-
la ngazo.[k] **26** Ngabayeka ba-
ngcoliswa imihlatshelo yabo
—lapho beshisa wonke amazi-
bulo emlilweni[l]—ukuze ngiba-
bhubhise, bazi ukuthi nginggu-
Jehova."'

**27** "Ngakho khuluma ne-
ndlu ka-Israyeli, ndodana yo-
muntu, uthi kuyo, 'Yilo-
khu iNkosi EnguMbusi uJeho-
va ekushoyo: "Okhokho benu
nabo bangihlambalaza ngo-
kungathembeki kwabo kimi.
**28** Ngabaletha ezweni enga-
ngifunge ukubanika lona.[a] La-
pho bebona wonke amagqu-
ma aphakeme nazo zonke izi-
hlahla ezinamaqabunga amani-
ngi,[b] baqala ukunikela imihla-
tshelo yabo neminikelo yabo
ecasulayo. Baletha imihlatshe-
lo yabo enephunga elimna-
ndi* bathululela lapho iminike-
lo yabo ephuzwayo. **29** Nga-
kho ngababuza, 'Isho uku-
thini le ndawo ephakeme eniya
kuyo? (Isabizwa ngokuthi iNda-
wo Ephakeme kuze kube na-
muhla.)'"'[c]

**30** "Manje yithi endlini ka-
Israyeli, 'Yilokhu iNkosi Engu-
Mbusi uJehova ekushoyo:
"Ingabe nizingcolisa ngendlela
efanayo okhokho benu abenza
ngayo, ngokulandela izithixo
zabo ezinyanyisayo ukuze ba-
febe nazo?[d] **31** Ingabe nisazi-
ngcolisa kuze kube namuhla
ngokunikela imihlatshelo kuzo
zonke izithixo zenu ezinya-
nyisayo, nishisa amadodana
enu emlilweni?[e] Ingabe kufane-
le ngesikhathi esifanayo ngini-
phendule nina ndlu ka-Israye-
li?"'[f]

"'Ngiyafunga,' kusho iNko-
si EnguMbusi uJehova, 'nge-
ke nginiphendule.[g] **32** Lokho
enikucabangayo lapho nithi:
"Masifane nezizwe, sifane ne-
mindeni yakwamanye amazwe
ekhonza ukhuni netshe,"[h] aku-
soze kwenzeka.'"

**33** "'Ngiyafunga,' kusho
iNkosi EnguMbusi uJehova,

**ISAHL. 20**
a Dut 4:1
b Jer 17:22
c Eks 31:13
d Num 25:1; Dut 9:23
e Isay 63:10
f Hu 78:38
g Hu 25:11; Hu 79:9; Jer 14:7; Dan 9:19
h Lev 26:33; Hu 106:26, 27
i Lev 26:15, 16
j Jer 2:7
k Hu 81:12
l Lev 18:21; Jer 7:31

**Uhla 2**
a Jos 23:5
b Dut 12:2
c Hez 16:24, 25
d Hlu 2:19; 2Kr 21:13; Jer 13:26, 27
e Dut 18:10, 12; Hu 106:36-38; Jer 7:31
f Isay 1:15
g Zak 7:13
h Jer 44:17

**20:22** *Okuwukuthi, u-Israyeli.

**20:28** *Noma, "elanelisayo; elizolisayo." NgesiHebheru, "elizolile."

‘ngizobusa njengenkosi phezu
kwenu ngesandla esinama-
ndla, ngengalo eyeluliwe nango-
laka olukhulu.[a] **34** Ngiyonikhi-
pha ezizweni nginiqoqe ema-
zweni enihlakazelwe kuwo nge-
sandla esinamandla, ngengalo
eyeluliwe nangolaka olukhulu.[b]
**35** Ngiyoniletha ehlane lezizwe
nginahlulele lapho ubuso no-
buso.[c]

**36** “‘Njengoba nje ngabahlu-
lela okhokho benu ehlane le-
zwe laseGibhithe, nani ngizona-
hlulela,’ kusho iNkosi EnguMbu-
si uJehova. **37** ‘Ngiyonidlulisa
ngaphansi kwenduku kamalu-
si[d] nginilethe esibophweni sesi-
vumelwano. **38** Ngiyosusa kini
abangivukelayo nabeqa umthe-
tho wami.[e] Ngoba ngiyobakhi-
pha ezweni okungelona elabo,
kodwa ngeke bangene ezweni
lakwa-Israyeli;[f] niyokwazi uku-
thi nginguJehova.’

**39** “Wena ndlu ka-Israye-
li, yilokhu iNkosi EnguMbusi
uJehova ekushoyo: ‘Ngamunye
wenu makahambe ayokhonza
izithixo zakhe ezinyanyisayo.[g]
Kodwa ngemva kwalokho uma
ningangilaleli, ngeke nisakwa-
zi ukungcolisa igama lami eli-
ngcwele ngemihlatshelo yenu
nangezithixo zenu ezinyanyisa-
yo.’[h]

**40** “‘Ngoba entabeni yami
engcwele, entabeni ephakeme
yakwa-Israyeli,’[i] kusho iNko-
si EnguMbusi uJehova, ‘yila-
pho yonke indlu ka-Israyeli, yo-
nke ngothi lwayo, iyongikho-
nza khona ezweni.[j] Lapho ngi-
yojabula ngayo, ngifune imini-
kelo yenu nezithelo zokuqala
zeminikelo yenu, zonke izinto
zenu ezingcwele.[k] **41** Ngenxa
yephunga elimnandi,* ngiyoja-
bula ngani lapho nginikhipha
ezizweni nginiqoqa nginikhi-
pha emazweni enihlakazelwe
kuwo;[a] ngiyongcweliswa kini
phambi kwezizwe.’[b]

**42** “‘Niyokwazi ukuthi ngi-
nguJehova[c] lapho nginiletha
ezweni lakwa-Israyeli,[d] ezwe-
ni engafunga ukulinika okho-
kho benu. **43** Lapho niyoku-
khumbula ukuziphatha kwenu
nazo zonke izenzo zenu enazi-
ngcolisa ngazo,[e] niyozenyanya
ngenxa yazo zonke izinto ezi-
mbi enazenza.[f] **44** Niyokwazi
ukuthi nginguJehova lapho
ngisebenzelana nani ngenxa
yegama lami,[g] hhayi ngoko-
kuziphatha kabi kwenu noma
ngokwezenzo zenu ezonakele,
nina ndlu ka-Israyeli,’ kusho
iNkosi EnguMbusi uJehova.”

**45** Izwi likaJehova laphinde
lafika kimi, lithi: **46** “Ndoda-
na yomuntu, bhekisa ubu-
so bakho engxenyeni engaseni-
ngizimu ukhulume eningizimu,
uprofethe ehlathini lendawo
eseningizimu. **47** Yithi ehla-
thini laseningizimu, ‘Yizwa
izwi likaJehova. Yilokhu iNkosi
EnguMbusi uJehova ekushoyo:
“Bheka ngokhela umlilo ngoku-
melene nawe,[h] uzoshisa zonke
izihlahla eziluhlaza nazo zonke
izihlahla ezomile kuwe. Ilanga-
bi elivuthayo ngeke licinywe,[i]
liyohangula bonke ubuso kusu-
kela eningizimu kuya enyaka-
tho. **48** Bonke abantu bayo-
bona ukuthi mina Jehova ngi-
wokhele, kangangokuthi ngeke
ucime.”’”[j]

**49** Ngathi: “Maye Nkosi
EnguMbusi Jehova! Bathi nga-
mi, ‘Akakhulumi yini iziphica-
phicwano?’”*

# 21
Izwi likaJehova laphi-
nde lafika kimi, lithi:
**2** “Ndodana yomuntu, bheki-
sa ubuso bakho ngaseJerusa-

**20:41** *Noma, “elanelisayo; elizolisayo.” NgesiHebheru, “elizolile.”

**20:49** *Noma, “izaga.”

**ISAHL. 20**
a Jer 21:5; Hez 8:18
b Isay 27:13; Hez 34:16
c Jer 2:9
d Lev 27:32; Hez 34:17
e Hez 34:20, 21
f Hez 13:9
g Hlu 10:14; Hu 81:12
h Isay 1:13; Hez 23:39
i Isay 2:2, 3; Isay 66:20
j Isay 56:7; Zak 8:22
k Mal 3:4

**Uhla 2**
a Isay 11:11; Jer 23:3
b Isay 5:16; Hez 38:23
c Hez 36:23
d Hez 11:17
e Lev 26:40; Hez 6:9; Hez 16:61
f Jer 31:18
g Hu 79:9; Hez 36:22, 23
h Dut 32:22; Jer 21:14
i Isay 66:24
j 2Kr 7:20; IsiL 2:17

lema usho isimemezelo esime-
lene nezindawo ezingcwele,
uprofethe ngokumelene nezwe
lakwa-Israyeli. **3** Yithi ezweni
lakwa-Israyeli, ‘Yilokhu uJeho-
va akushoyo: “Bheka ngime-
lene nawe, ngizokhipha inke-
mba yami emgodleni wayo[a]
nginqume kuwe olungile no-
mubi. **4** Ngenxa yokuthi ngi-
zonquma kuwe olungile no-
mubi, inkemba yami izoho-
shwa emgodleni wayo imela-
ne nayo yonke inyama,* kusu-
kela eningizimu kuya enya-
katho. **5** Bonke abantu bayo-
kwazi ukuthi mina Jehova ngi-
yihoshile inkemba yami emgo-
dleni wayo. Ngeke isaphindela
emuva.”’[b]

**6** “Wena ndodana yomuntu,
bubula njengoba uthuthume-
la, yebo, bubula ngomunyu
phambi kwabo.[c] **7** Uma bethi
kuwe, ‘Ububuliswa yini?’ wena
uthi, ‘Ngibubuliswa umbi-
ko.’ Ngoba uzofika nakanja-
ni, zonke izinhliziyo zizogcwa-
la ukwesaba, zonke izandla zi-
zoyetha, yonke imimoya izo-
dangala futhi wonke amado-
lo azoconsa amanzi.*[d] ‘Bheka!
Nakanjani kuzofika futhi kuzo-
kwenzeka,’ kusho iNkosi Engu-
Mbusi uJehova.”

**8** Izwi likaJehova laphinde
lafika kimi, lithi: **9** “Ndoda-
na yomuntu, profetha uthi, ‘Yi-
lokhu uJehova akushoyo: “Yi-
thi, ‘Inkemba! Inkemba[e] iloli-
we futhi ipholishiwe. **10** Ilole-
lwe ukuba iqothule abantu aba-
ningi; ipholishelwe ukuba ibani-
ke njengombani.’”’”

“Akufanele yini sithokoze?”

“‘Ingabe izoyenqaba* into-
nga yendodana yami,[f] njengo-
ba yala zonke izihlahla?

**11** “‘Ilethelwe ukuba ipholi-
shwe futhi iphakanyiswe nge-
sandla. Le nkemba iloliwe
yapholishwa ukuze inikezwe
umbulali.[a]

**12** “‘Khala uhewule[b] ndo-
dana yomuntu ngoba imele-
ne nabantu bami; imelene
nazo zonke izikhulu zakwa-
Israyeli.[c] Zona ziyoba izisu-
lu zenkemba kanye nabantu
bami. Ngakho shaya ithanga
lakho ngenxa yosizi. **13** Ngo-
ba kuhloliwe,[d] futhi kuyokwe-
nzekani uma inkemba yenqaba
intonga? Ngeke isaba* khona,’[e]
kusho iNkosi EnguMbusi uJe-
hova.

**14** “Wena ndodana yomu-
ntu, profetha, ushaye izandla,
uphinde lokhu kathathu, ‘Inke-
mba!’ Bazungezwe inkemba
yezisulu ezibulewe, inkemba
yokubulala abantu abaningi.[f]
**15** Izinhliziyo zabo ziyogcwala
ukwesaba,[g] abaningi bayowe-
la emasangweni amadolobha
abo; ngiyobabulala ngenke-
mba. Yebo, ibaneka njengo-
mbani futhi ipholishelwe uku-
bulala! **16** Gadla ngakweso-
kudla! Ugadle ngakwesobunxe-
le! Yiya nomaphi lapho inke-
mba yakho ibheke ngakhona!
**17** Ngizoshaya izandla zami,
ngikhiphe isahlulelo bese ula-
ka lwami luyehla.[h] Mina, Jeho-
va, ngikhulumile.”

**18** Izwi likaJehova laphinde
lafika kimi, lithi: **19** “Wena
ndodana yomuntu, maka izi-
ndlela ezimbili okuzongena
ngazo inkemba yenkosi yase-
Bhabhiloni. Zombili zizobe zi-
vela ezweni elilodwa, kufane-
le kubekwe uphawu la-
pho umgwaqo uhlukana kho-
na uya emadolobheni amabi-
li. **20** Kufanele umake indlela

**21:4** *Noma, “abantu.” **21:7** *Okuwukuthi, bayozichamela ngenxa yokwesaba. **21:10** *Okuwukuthi, inkemba kaJehova.

**21:13** *Noma, “Intonga ngeke isaba.”

ISAHL. 21
*a* Lev 26:33
*b* Jer 23:20
*c* Isay 22:4; Jer 4:19; Hez 9:8
*d* Hez 7:15-17
*e* Isay 66:16; Jer 12:12; Amo 9:4
*f* Gen 49:10; 2Sa 7:12, 14

Uhla 2
*a* Jer 25:9; Jer 51:20
*b* Hez 9:8; Mik 1:8
*c* Hez 19:1
*d* Jer 6:27
*e* 2Kh 25:7; Hez 19:14; Hez 21:26
*f* 2Kh 25:1, 2
*g* Hez 21:7
*h* Isay 1:24; Hez 5:13; Hez 16:42

eyodwa inkemba ezongena
ngayo imelane neRaba[a] lama-
Amoni, enye indlela imela-
ne neJerusalema[b] elinezivike-
lo eziqinile kwaJuda. **21** Ngo-
ba inkosi yaseBhabhiloni iya-
ma ukuze ibhule empamba-
nweni yezindlela, lapho kuhlu-
kana khona izindlela ezimbili.
Inyakazisa imicibisholo. Ibuza
izithixo* zayo; ihlole isibi-
ndi.# **22** Okokubhula okuse-
sandleni sayo sokudla kukho-
mba eJerusalema, ukuze kumi-
swe izikhali zokubhubhisa, ku-
khishwe izwi lokuba kubulawe
abantu, kuhlatshwe umkhosi,
kumiswe izikhali zokubhubhi-
sa emasangweni, kuphakanyi-
swe udonga lokuvikela, kwa-
khiwe udonga lokuvimbezela.[c]
**23** Kodwa kuzobonakala se-
ngathi ukubhula okungama-
nga kulabo* ababenze izifungo
kubo.[d] Kodwa uyalikhumbula
icala labo futhi uzobabamba.[e]

**24** "Ngakho yilokhu iNko-
si EnguMbusi uJehova ekusho-
yo: 'Nibangele ukuba icala lenu
likhunjulwe ngokwembula izi-
phambeko zenu nangokwenza
ukuba izono zenu zibonwe nga-
zo zonke izenzo zenu. Manje
njengoba senikhunjuliwe nizo-
thathwa ngenkani.'

**25** "Kodwa wena sikhulu sa-
kwa-Israyeli esikhohlakele ne-
sinenxeba elibulalayo,[f] usu-
ku lwakho selufikile, isikha-
thi sesijeziso sakho sokugcina.
**26** Yilokhu iNkosi EnguMbusi
uJehova ekushoyo: 'Susa um-
shuqulo, ususe umqhele.[g] Lo-
khu ngeke kusafana.[h] Phaka-
misa ophansi,[i] wehlise opha-
keme.[j] **27** Ngizokwenza kube
incithakalo, incithakalo, inci-
thakalo. Ngeke kube okwamu-
ntu aze afike lowo onelunge-
lo elingokomthetho,[a] ngikuni-
ke yena.'[b]

**28** "Wena ndodana yomuntu,
profetha uthi, 'Yilokhu iNko-
si EnguMbusi uJehova ekusho-
yo ngabakwa-Amoni nangoku-
hlambalaza kwabo.' Yithi,
'Inkemba! Inkemba ihoshelwe
ukubulala; ipholishelwe uku-
shwabadela nokubaneka nje-
ngombani. **29** Naphezu kwe-
mibono engamanga nokubhu-
la okungamanga ngawe, uyobe-
kwa phezu kwababulewe, aba-
ntu abakhohlakele abalusuku
lwabo selufikile, isikhathi sesi-
jeziso sabo sokugcina. **30** Yi-
buyisele emgodleni wayo. Ngi-
yokwahlulela endaweni owada-
lelwa kuyo, ezweni owadabuka
kulo. **31** Ngiyothululela kuwe
intukuthelo yami. Intukuthelo
yami iyokushisa njengomlilo,
ngikunikele emadodeni anesi-
hluku, izingcweti zokubhubhi-
sa.[c] **32** Uyoba yinto yokuba-
sa umlilo;[d] igazi lakho liyochi-
thwa ezweni, ungaphinde ukhu-
njulwe, ngoba mina Jehova ngi-
khulumile.'"

**22** Izwi likaJehova laphi-
nde lafika kimi, lithi:
**2** "Wena ndodana yomuntu,
ukulungele yini ukukhipha isa-
hlulelo edolobheni elinecala le-
gazi[e] futhi ulazise zonke izi-
nto zalo ezinengekayo?[f] **3** Ku-
mele uthi, 'Yilokhu iNkosi
EnguMbusi uJehova ekushoyo:
"O dolobha eligcwele ukuchi-
thwa kwegazi,[g] elisikhathi salo
siyeza,[h] elenza izithixo ezi-
nyanyisayo* ukuze lizingcoli-
se,[i] **4** ukuchitha kwakho iga-
zi kukwenze waba necala,[j] ne-

ISAHL. 21
a Jer 49:2; Hez 25:5; Amo 1:14
b 2Sa 5:9; 2Kr 26:9; 2Kr 32:2, 5; 2Kr 33:1, 14
c Jer 32:24; Jer 52:4
d 2Kr 36:11, 13; Hez 17:13
e 2Kh 25:6, 7
f 2Kr 36:11, 13; Jer 24:8; Jer 52:1, 2; Hez 17:19
g 2Kh 25:5-7; Jer 52:8, 11; Hez 12:12, 13
h Hez 21:13
i Hu 75:7; Dan 4:17
j Dan 4:37; Luk 21:24

Uhla 2
a Gen 49:10; Hu 89:3, 4; Hu 110:1; Isay 9:6; Isay 11:10; Luk 1:32, 33; IsA 5:5
b Hu 2:6, 8; Dan 7:13, 14; Luk 22:29
c Hez 25:5
d Jer 49:2, 3

ISAHL. 22
e 2Kh 21:16; Jer 2:34; Mat 23:37
f Hez 16:51
g Hez 24:6
h Hez 12:25
i 2Kh 21:11
j Gen 9:6

**21:21** *NgesiHebheru, "amatherafi." #Okuwuhlobo oluthile lokubhula. **21:23** *Okuwukuthi, izakhamuzi zaseJerusalema.

**22:3** *Lena yinkulumo yesiHebheru okungenzeka ihlobene negama elisho "ubulongwe," isetshenziswa njengenkulumo yokwedelela.

zithixo zakho ezinyanyisayo zi-
kwenze waba ongcolile.[a] Uso-
ndeze ukuphela kwezinsuku
zakho, ukuphela kweminya-
ka yakho sekufikile. Yinga-
kho ngizokwenza ube yinto
yokuhlanjalazwa ezizweni ne-
nhlekisa kuwo wonke ama-
zwe.[b] **5** Amazwe aseduze na-
kude nawe azokwenza inhleki-
sa,[c] wena onegama elingcolile
nogcwele isiyaluyalu. **6** Bhe-
ka! Zonke izikhulu zakwa-
Israyeli eziphakathi kwakho zi-
sebenzisa igunya lazo uku-
ze zichithe igazi.[d] **7** Phakathi
kwakho, baphatha uyise noni-
na ngendelelo.[e] Baphamba isi-
fiki, bahlukumeze intandane*
nomfelokazi.”’”[f]

**8** “‘Izindawo zami ezi-
ngcwele uyazidelela, nama-
sabatha ami uyawangcolisa.[g]
**9** Kuwe kukhona abanyunde-
li abahlose ukuchitha iga-
zi.[h] Kuwe badla imihlatshe-
lo ezintabeni, baqhubeke no-
kuziphatha okungcolile pha-
kathi kwakho.[i] **10** Kuwe ba-
ngcolisa umbhede kayise,*[j] ba-
lale nowesifazane ongahlanze-
kile osesikhathini.[k] **11** Kuwe
umuntu wenza into enengeka-
yo nomfazi kamakhelwane wa-
khe,[l] omunye ungcolisa umalo-
kazana wakhe ngokuziphatha
okungcolile,[m] omunye ulala no-
dadewabo, indodakazi kayise.[n]
**12** Kuwe bathatha isifumba-
thiso ukuze bachithe igazi.[o]
Ubolekisa ngenjongo yokutho-
la inzalo[p] noma inzuzo eyeqi-
le, uqola omakhelwane bakho.[q]
Yebo, ungikhohlwe nya,’ kusho
iNkosi EnguMbusi uJehova.

**13** “‘Bheka! Ngishaye iza-
ndla* ngenxa yokucasulwa yi-
nzuzo yokungathembeki oye-
nzile nezenzo zakho zokuchi-
tha igazi eziphakathi kwakho.
**14** Ingabe uyoqhubeka unesibi-
ndi nezandla zakho ziqhubeke
zinamandla ngezinsuku engiyo-
kuthathela ngazo isinyathe-
lo?[a] Mina, Jehova, ngikhulumi-
le futhi ngiyothatha isinyathelo.
**15** Ngiyokuhlakazela ezizwe-
ni ngikusakazele emazweni,[b]
ngiqede ukungcola kwakho.[c]
**16** Uyohlazwa phambi kwezi-
zwe, uyokwazi ukuthi nginguJe-
hova.’”[d]

**17** Izwi likaJehova laphinde
lafika kimi lithi: **18** “Ndodana
yomuntu, indlu ka-Israyeli isi-
fana nodoti kimi. Bonke ba-
yithusi nethini nensimbi nom-
thofu emlilweni omkhulu. Se-
bephenduke udoti esiliveni.[e]

**19** “Ngakho yilokhu iNko-
si EnguMbusi uJehova eku-
shoyo: ‘Ngenxa yokuthi no-
nke senifana nodoti,[f] nginiqo-
qela ndawonye phakathi kwe-
Jerusalema. **20** Njengoba nje
isiliva nethusi nensimbi nom-
thofu nethini kufakwa emli-
lweni omkhulu ukuze kushi-
swe ngomlilo kuncibilike, ngo-
kufanayo nani ngiyoniqoqela
ndawonye ngentukuthelo yami
nangokufutheka kwami, nishe
nincibilike.[g] **21** Ngiyoniqoqe-
la ndawonye nishiswe umlilo
wentukuthelo yami,[h] niyoncibi-
lika phakathi kwalo.[i] **22** Nje-
ngoba nje isiliva lincibiliki-
swa emlilweni omkhulu, kanja-
lo nani niyoncibilika phakathi
kwalo; niyokwazi ukuthi mina,
Jehova, ngithulule intukuthelo
yami kini.’”

**23** Izwi likaJehova laphinde
lafika kimi, lithi: **24** “Ndoda-
na yomuntu, yithi kulo, ‘Uyi-
zwe elingeke lihlanzwe noma
linethwe yimvula ngosuku lwe-
ntukuthelo. **25** Abaprofethi

**ISAHL. 22**

*a* Lev 26:30; Hez 23:37
*b* Dut 28:37; 1Kh 9:7; Hu 80:6; Hez 23:32; Dan 9:16
*c* Hu 79:4
*d* Isay 1:23; Mik 3:1-3; Zef 3:3
*e* Dut 27:16
*f* Eks 22:21, 22; Hu 82:3; Isay 1:17
*g* Lev 19:30
*h* Eks 23:1; Lev 19:16
*i* Jer 13:27
*j* Lev 18:7; Lev 20:11
*k* Lev 18:19; Lev 20:18
*l* Lev 18:20; Lev 20:10; Jer 5:8
*m* Lev 18:15
*n* Lev 20:17
*o* Eks 23:8; Dut 27:25; Isay 1:23
*p* Dut 23:19
*q* Eks 22:25; Lev 6:4, 5

**Uhla 2**

*a* Hez 21:7
*b* Dut 4:27; Dut 28:25
*c* Isay 1:25; Hez 23:27
*d* Hez 6:13
*e* IzA 17:3; Jer 6:28-30
*f* Hu 119:119; IzA 25:4
*g* Hez 21:31
*h* Dut 4:24; Hu 21:9; Jer 21:12
*i* Hu 68:2

**22:7** *Noma, “ingane engenayise.” **22:10** *NgesiHebheru, “bambula ubunqunu bukayise.” **22:13** *Okuwukuveza ukunengeka.

balo bakhe uzungu phaka-
thi kwalo,[a] njengebhubesi eli-
bhongayo lidwengula inyama-
zane.[b] Bashwabadela abantu.
Bathatha ingcebo nezinto ezi-
yigugu. Benze kwaba nabafe-
lokazi abaningi kulo. **26** Aba-
pristi balo baphule umthe-
tho wami,[c] bayaqhubeka no-
kungcolisa izindawo zami ezi-
ngcwele.[d] Abahlukanisi phaka-
thi kwento engcwele nento
evamile,[e] bayehluleka ukwazi-
sa abantu ukuthi yini engcoli-
le nehlanzekile,[f] bayenqaba no-
kugcina amasabatha ami, ngi-
ngcolisiwe phakathi kwabo.
**27** Izikhulu zalo eziphakathi
kwalo zifana nezimpisi ezi-
dwengula inyamazane; zichi-
tha igazi, zibulale abantu uku-
ze zithole imali.[g] **28** Kodwa
abaprofethi balo bafihle izenzo
zabo ezimbi njengokungathi
bazicake ngomcako. Babona
imibono engamanga babhule
amanga,[h] bathi: "Yilokhu iNko-
si EnguMbusi uJehova ekusho-
yo," uJehova ebe engakhulu-
manga. **29** Abantu bezwe ba-
phambe abantu benza ubuge-
bengu,[i] bahlukumeza abaswe-
le nabahluphekayo, baphamba
isifiki basigodlela ubulungisa.'

**30** "'Ngangifuna umuntu
phakathi kwabo owayezolungi-
sa udonga lwamatshe noma
ame esikhaleni phambi kwami
amele izwe, ukuze lingabhuji-
swa,[j] kodwa angitholanga mu-
ntu. **31** Ngakho ngizothululele-
la ulaka lwami phezu kwabo
ngibaqothule ngomlilo wokufu-
theka kwami. Imiphumela yezi-
ndlela zabo ngizoyehlisela phe-
zu kwekhanda labo,' kusho
iNkosi EnguMbusi uJehova."

**23** Izwi likaJehova laphi-
nde lafika kimi, lithi:
**2** "Ndodana yomuntu, kwaku-
khona abesifazane ababili aba-
bengamadodakazi omama oye-
dwa.[a] **3** Baba yizifebe eGibhi-
the;[b] babefeba kusukela ebu-
sheni babo. Amabele abo apo-
tozwa khona, bephululwa izifu-
ba zobuntombi babo. **4** Ama-
gama abo kwakungu-Ohola,*
omdala, no-Oholiba# udade-
wabo. Baba ngabami baza-
la amadodana namadodakazi.
Ngokuqondene namagama abo,
u-Ohola yiSamariya,[c] u-Oholi-
ba yiJerusalema.

**5** "U-Ohola waqala ukufeba
esengowami.[d] Wayekhanukela
labo ababemkhanukela,[e] oma-
khelwane bakhe ama-Asiriya.[f]
**6** Babengababusi abagqoke
okuluhlaza okwesibhakabhaka
nababusi abangamaphini—bo-
nke beyizinsizwa ezifiseleka-
yo begibele amahhashi abo.
**7** Waqhubeka efeba nawo wo-
nke amadodana ase-Asiriya
ekhethelo,[g] wazingcolisa nge-
zithixo ezinyanyisayo* zalabo
ayebakhanukela. **8** Akabuye-
kanga ubufebe ayebenza eGi-
bhithe ngoba babelale naye
ebusheni bakhe, baphulula isi-
fuba sobuntombi bakhe nenka-
nuko yabo* bayithululela phe-
zu kwakhe.[h] **9** Ngakho nga-
mnikela kulabo abamkhanuke-
layo, amadodana ase-Asiriya[i]
ayewakhanukele. **10** Bembu-
la ubunqunu bakhe,[j] batha-
tha amadodana namadodakazi
akhe,[k] bambulala ngenkemba.
Waba nedumela elibi kwabesi-
fazane, bamahlulela.

**11** "Lapho udadewabo u-Oho-
liba ekubona lokho, inkanuko
yakhe yaba namandla nakakhu-

---

**23:4** *Incazelo: "Itende Lakhe." #Incazelo: "Itende Lami Likuye." **23:7** *Lena yinkulumo yesiHebheru okungenzeka ihlobene negama elisho "ubulongwe," isetshenziswa njengenkulumo yokwedelela. **23:8** *Noma, "nokuziphatha kabi ngokocansi."

ISAHL. 22
a Jer 5:31; Jer 6:13, 14
b Mik 3:5
c Jer 2:8; IsiL 4:13; Mik 3:11
d Lev 20:3; Lev 22:2
e Lev 10:10
f Lev 11:46, 47
g Mik 3:1-3; Zef 3:3
h Isay 30:10; Jer 23:25; IsiL 2:14; Hez 13:9, 10
i Isay 1:23; Isay 3:14; Jer 21:12; Mik 2:2
j Eks 32:11; Hu 106:23

Uhla 2

ISAHL. 23
a Jer 3:6, 7
b Lev 17:7; Dut 29:16, 17; Jos 24:14; Hez 20:8
c 1Kh 16:23, 24
d 1Kh 14:16; 1Kh 21:25, 26
e Hos 2:5
f 2Kh 15:19; 2Kh 17:3; Hos 5:13; Hos 7:11
g Hos 5:3
h Eks 32:1, 4; 1Kh 12:28, 29; 2Kh 10:29
i 2Kh 15:29; 1Kr 5:26
j Hos 2:10
k 2Kh 17:6; 2Kh 18:11

lu, ubufebe bakhe babububi kunobukadadewabo.[a] **12** Wakhanukela omakhelwane bakhe amadodana ase-Asiriya,[b] ababusi nababusi abangamaphini ababegqoke ubukhazikhazi begibele amahhashi—bonke beyizinsizwa ezifiselekayo. **13** Lapho ezingcolisa, ngabona ukuthi bobabili babehambe ngendlela efanayo.[c] **14** Waqhubeka enza nezinye izenzo zobufebe. Wabona amadoda eqoshwe odongeni, imifanekiso yamaKhaledi eqoshwe ngokubomvu, **15** ebophe amabhande ezinkalweni, nemishuqulo elengayo emakhanda awo, ebonakala njengamaqhawe, wonke efana nabaseBhabhiloni, ezalelwe ezweni lamaKhaledi. **16** Waqala ukuwakhanukela lapho nje ewabona, wathumela izithunywa kuwo eKhalideya.[d] **17** Ngakho amadodana aseBhabhiloni ayelokhu efika embhedeni wakhe ukuze alale naye, amngcolisa ngenkanuko yawo.* Ngemva kokuba esemngcolisile, wasuka kuwo enengekile.

**18** “Lapho eqhubeka efeba ingcaca embula ubunqunu bakhe,[e] ngamfulathela nginengekile, njengoba nje ngafulathela udadewabo nginengekile.[f] **19** Waqhubeka andisa izenzo zakhe zobufebe,[g] ekhumbula izinsuku zobusha bakhe lapho efeba ezweni laseGibhithe.[h] **20** Wabakhanukela njengezancinza zamadoda azitho zawo zobulili zinjengezezimbongolo nanomphambili onjengowehhashi. **21** Wawufisa ukuziphatha okungcolile kobusha bakho eGibhithe[i] lapho bekuphulula isifuba, amabele obusha bakho.[j]

**22** “Ngakho-ke Oholiba, yilokhu iNkosi EnguMbusi uJehova ekushoyo: ‘Bheka ngivusa izithandwa zakho[a] owazifulathela unengekile, ngizoziletha zimelane nawe zivela nxazonke,[b] **23** amadodana aseBhabhiloni[c] nawo wonke amaKhaledi,[d] amadoda kaPhekodi,[e] uShowa noKhowa, kanye nawo wonke amadodana ase-Asiriya. Bonke bayizinsizwa ezifiselekayo, ababusi nababusi abangamaphini, amaqhawe nabakhethwe ngokucophelela,* bonke bagibele amahhashi. **24** Bazokuhlasela ngezinqola zempi ezinomsindo namasondo, ngebutho elikhulu lamasosha, ngehawu elikhulu nelincane nesigqoko sokuzivikela. Bazoma nxazonke zakho, ngizobagunyaza ukuba bakhiphe isahlulelo, bakwahlulele ngendlela ababona ngayo.[f] **25** Ngizokubonisa intukuthelo yami, bazoba nolaka lapho besebenzelana nawe. Bazosusa ikhala lakho nezindlebe zakho, labo abasele kuwe bayobulawa ngenkemba. Bazothatha amadodana namadodakazi akho, abasele kuwe bazoshwabadelwa umlilo.[g] **26** Bazokukhumula izingubo zakho[h] bathathe ubucwebe* bakho obuhle.[i] **27** Ngizokuqeda konke ukuziphatha kwakho okungcolile nobufebe bakho[j] obaqala ezweni laseGibhithe.[k] Ngeke usababuka futhi ngeke uphinde ulikhumbule iGibhithe.’

**28** “Yilokhu iNkosi EnguMbusi uJehova ekushoyo: ‘Bheka sengizokunikela kulabo obazondayo, labo owabafulathela unengekile.[l] **29** Bazoba nenzondo lapho besebenzelana nawe bathathe konke okusebenzele kanzima[m] bakushiye uhamba-ze futhi unqunu.

ISAHL. 23

*a* Jer 3:6-8; Hez 16:46, 47
*b* 2Kh 16:7
*c* 2Kh 17:19
*d* Hez 16:29
*e* Jer 3:2; Hez 16:36, 37
*f* Hu 106:39, 40; Jer 6:8; Jer 12:8
*g* Hez 16:25
*h* Hez 20:7
*i* Jos 24:14
*j* Hez 23:3

Uhla 2

*a* Hez 16:37; Hab 1:6
*b* Jer 6:22; Jer 12:9
*c* Hez 21:19
*d* 2Kh 24:2
*e* Jer 50:21
*f* Jer 39:5
*g* Hez 15:7; Hez 20:47
*h* Jer 13:22; IsA 17:16
*i* Isay 3:18-23; Jer 4:30; Hez 16:39
*j* Isay 27:9; Hez 16:41; Hez 22:15
*k* Hez 23:3
*l* Jer 21:7
*m* Dut 28:49, 51

**23:17** * Noma, “ngokuziphatha kabi ngokocansi.”

**23:23** * NgesiHebheru, “nababiziwe.”
**23:26** * Noma, “okokuhloba.”

Ubunqunu obuyihlazo boku-
ziphatha kabi kwakho no-
kuziphatha kwakho okungco-
lile nobufebe bakho kuzokwa-
mbulwa.[a] **30** Kuzokwenziwa
lezi zinto kuwe ngenxa yoku-
thi ulandele izizwe njengesife-
be,[b] ngenxa yokuthi uzingcoli-
se ngezithixo zabo ezinya-
nyisayo.[c] **31** Uhambe ezindle-
leni zikadadewenu,[d] ngizobe-
ka indebe yakhe esandleni sa-
kho.'[e]

**32** "Yilokhu iNkosi Engu-
Mbusi uJehova ekushoyo:

'Uzophuza indebe kadade-
wenu, ejulile nebanzi,[f]
Abantu bazokuhleka ba-
kwenze inhlekisa, okuyi-
nto egcwele kule ndebe.[g]
**33** Ukudakwa nosizi kuzokwe-
hlula,
Indebe yokwesaba nembu-
bhiso,
Indebe kadadewenu iSama-
riya.
**34** Kuyodingeka uyiphuze uyi-
minye,[h] uququde izinde-
ngezi zayo
Uhluthule amabele akho.
"Ngoba mina ngikhulumi-
le," kusho iNkosi Engu-
Mbusi uJehova.'

**35** "Ngakho yilokhu iNkosi
EnguMbusi uJehova ekushoyo:
'Ngenxa yokuthi ungikhohliwe
wangishaya indiva ngokuphele-
le,[i] uyothwala imiphumela yo-
kuziphatha kwakho okungcolile
nezenzo zakho zobufebe.'"

**36** UJehova wabe esethi
kimi: "Ndodana yomuntu,
uzobahlulela yini o-Ohola no-
Oholiba[j] ubatshele imikhuba
yabo enyanyekayo? **37** Baphi-
ngile,*[k] kukhona igazi ezandle-
ni zabo. Abagcinanga nje ngo-
kuphinga nezithixo zabo ezinya-
nyisayo, kodwa amadodana abo
abangizalele wona bawashise
emlilweni aba ukudla kwezithi-
xo zabo.[a] **38** Ngaphezu kwalo-
kho, yilokhu abakwenzile kimi:
Bangcolise indlu yami engcwe-
le ngalolo suku, bangcoli-
sa namasabatha ami. **39** Nge-
mva kokuba sebehlabe amado-
dana abo aba imihlatshelo ye-
zithixo zabo ezinyanyisayo,[b]
bangena endlini yami engcwele
ngalolo suku ukuze bayingcoli-
se.[c] Yilokho abakwenza endlini
yami. **40** Baze bathumela isi-
thunywa ukuba siyobiza amado-
da avela kude.[d] Lapho eza, wa-
geza wapenda amehlo akho wa-
zihlobisa ngezinto zokuhloba.[e]
**41** Wahlala phansi phezu kuka-
sofa omuhle kakhulu,[f] kuneta-
fula elidekiwe phambi kwawo,[g]
owabeka kulo impepho yami[h]
namafutha ami.[i] **42** Kwezwa-
kala lapho umsindo wesixuku
samadoda akhululekile, okwa-
kukhona kuso izidakwa zive-
la ehlane. Bafaka amabhenge-
la ezandleni zabesifazane babe-
ka nemiqhele emihle emakha-
nda abo.

**43** "Ngabe sengithi ngalo-
wo owayesegugiswe ukuphi-
nga: 'Manje uzoqhubeka no-
bufebe bakhe.' **44** Babelokhu
beya kuye, njengoba nje umu-
ntu eya esifebeni. Baya nga-
leyo ndlela ku-Ohola naku-
Oholiba, abesifazane abazi-
phatha kabi. **45** Kodwa ama-
doda alungile azomnikeza isa-
hlulelo esifanele ngenxa yo-
kuphinga kwakhe[j] nokuchitha
igazi;[k] ngoba bayiziphingi, ku-
khona igazi ezandleni zabo.[l]

**46** "Yilokhu iNkosi Engu-
Mbusi uJehova ekushoyo: 'Ku-
zolethwa ibutho elizomelana
nabo ukuze benziwe into eye-
thusayo kubantu futhi kupha-
ngwe impahla yabo.[m] **47** Ibu-

---

**23:37** *Okuwukuthi, ukuphinga ngokomoya.

**ISAHL. 23**

*a* Hez 16:36, 37; Hez 16:39
*b* Jer 2:18
*c* Hu 106:35, 36; Hez 6:9; Hez 23:7
*d* Jer 3:8; Hez 16:46, 47
*e* 2Kh 21:13; Jer 25:15; Dan 9:12
*f* Isay 51:17
*g* Dut 28:37; 1Kh 9:7; IsiL 2:15
*h* Hu 75:8
*i* 1Kh 14:9; Neh 9:26; Isay 17:10; Jer 2:32; Jer 13:25
*j* Hez 23:4
*k* Hos 1:2; Jak 4:4

**Uhla 2**

*a* Lev 18:21; 2Kh 17:17, 18; Hez 16:36
*b* Jer 7:31
*c* Lev 20:3
*d* Isay 57:9
*e* Jer 4:30
*f* Isay 57:7
*g* Isay 65:11
*h* Hez 8:10, 11
*i* Hez 16:17, 18
*j* Lev 20:10
*k* Gen 9:6; Hez 16:38
*l* 2Kh 24:3, 4; Hu 106:38; Hez 23:37
*m* Jer 15:4; Jer 25:9; Hez 16:40

tho lizobajikijela ngamatshe,[a]
libanqume ngezinkemba zalo.[b]
Lizobulala amadodana nama-
dodakazi abo, izindlu zabo lizi-
shise ngomlilo.[c] **48** Ngizoku-
qeda ukuziphatha okungcolile
ezweni, bonke abesifazane ba-
zofunda isifundo bangalingisi
ukuziphatha kwenu okungcoli-
le.[d] **49** Bayoletha kini imi-
phumela yokuziphatha kwe-
nu okungcolile neyokona kwe-
nu nezithixo zenu ezinyanyisa-
yo; niyokwazi ukuthi ngiyiNko-
si EnguMbusi uJehova.'"[e]

**24** Izwi likaJehova laphi-
nde lafika kimi ngonyaka
ka-9, ngenyanga yeshumi, ngo-
suku lweshumi lwenyanga, li-
thi: **2** "Ndodana yomuntu, lu-
bhale phansi lolu suku,* lona
kanye lolu suku. Inkosi ya-
seBhabhiloni iqale ukuhlasela
iJerusalema ngalo kanye lolu
suku.[f] **3** Yisho isaga ngendlu
edlubulundayo, uthi ngayo:
"'Yilokhu iNkosi EnguMbusi
uJehova ekushoyo:

"Beka eziko ibhodwe loku-
pheka;* libeke eziko uthe-
le amanzi kulo.[g]
**4** Faka amaqatha enyama
kulo,[h] wonke amaqatha
amahle,
Ithanga nesiphanga; uli-
gcwalise ngamathambo
ekhethelo.
**5** Thatha imvu yekhethelo
emhlanjini,[i] ufake izinku-
ni eziningi ngaphansi zi-
zungeze ibhodwe.
Ubilise amaqatha, upheke
amathambo angaphakathi
kulo."'

**6** "Ngakho yilokhu iNkosi
EnguMbusi uJehova ekushoyo:

'Maye ngedolobha loku-
chithwa kwegazi,[a] ibho-
dwe lokupheka eligqwali-
le,* elingasuswanga uku-
gqwala kwalo!
Khipha konke okukulo, iqa-
tha ngalinye;[b] mabange-
nzelwa inkatho.
**7** Ngoba igazi laleli
dolobha likulo;[c] lalithulu-
la edwaleni.
Alilithululanga emhlabathi-
ni ukuze lilimboze ngo-
thuli.[d]
**8** Lokhu kuzovusa ulaka
ukuze kukhishwe impi-
ndiselo,
Ngibeke igazi lalo phezu
kwedwala elicwebezelayo
Ukuze lingambozwa.'[e]

**9** "Ngakho yilokhu iNkosi
EnguMbusi uJehova ekushoyo:

'Maye kulo idolobha loku-
chithwa kwegazi![f]
Ngizobeka izinkuni zibe
inqwaba.
**10** Nqwabelanisa izinkuni uba-
se umlilo,
Yibilise kakhulu inyama,
thulula umhluzi, uwayeke
ashe amathambo.
**11** Ibhodwe elingenalutho li-
beke phezu kwamalahle
ngenjongo yokuba lishise
Ukuze leli bhodwe lethusi
libe bomvu njengamala-
hle.
Ukungcola kwalo kuzonci-
bilika kulo,[g] lingabe lisa-
gqwala.
**12** Kunesicefe futhi kuyakha-
thaza,
Ngoba ukugqwala kwalo
okukhulu ngeke ku-
phume.[h]
Liphonse emlilweni noku-
gqwala kwalo!'

**13** "'Ukungcola kwakho ku-
bangelwe ukuziphatha kwakho

---

**ISAHL. 23**
a Lev 20:2
b 2Kr 36:17
c 2Kh 25:9, 10; Jer 39:8
d 2Pe 2:6
e Hez 6:13

**ISAHL. 24**
f 2Kh 25:1; Jer 39:1; Jer 52:4
g Hez 11:3
h Hez 11:7
i Jer 39:6

**Uhla 2**
a 2Kh 21:16; Mik 7:2; Mat 23:35
b Hez 11:7, 9
c Jer 2:34
d Lev 17:13; Dut 12:16
e 2Kh 24:3, 4
f Mat 23:37
g Jer 21:10; Jer 32:29; Hez 22:15
h Jer 5:3; Jer 6:29

---

**24:2** *NgesiHebheru, "igama losuku."
**24:3** *Noma, "lokupheka elinomlomo obanzi."
**24:6** *Noma, "elirusile."

okubi.[a] Ngizamile ukukuhla-
nza, kodwa awuzange uhlanze-
ke ekungcoleni kwakho. Nge-
ke uhlanzeke kuze kube yilapho
ulaka lwami lwehla.[b] **14** Mina
Jehova ngikhulumile. Kuzokwe-
nzeka. Ngeke ngibe manqika-
nqika, ngeke ngibe nosizi, nge-
ke ngizisole lapho ngithatha isi-
nyathelo.[c] Bazokwahlulela ngo-
kwezindlela zakho nangokwe-
zenzo zakho,' kusho iNkosi
EnguMbusi uJehova."

**15** Izwi likaJehova laphinde
lafika kimi, lithi: **16** "Ndo-
dana yomuntu, othandekayo
wakho sengizomthatha kuwe
ngegalelo elilodwa nje vo.[d]
Akufanele ulile noma ukha-
le noma uchiphize izinyembe-
zi. **17** Bubula buthule, unga-
yilandeli imidanti yokulilela
abashonile.[e] Bopha iduku loku-
shuqula,[f] ufake izimbadada za-
kho.[g] Ungawambozi amadevu*
akho,[h] ungasidli isinkwa osile-
thelwe abanye abantu."#[i]

**18** Ngakhuluma nabantu
ekuseni, umkami washona ku-
sihlwa. Ngakho ekuseni nge-
nza njengoba nje ngangiyaliwe.
**19** Abantu babethi kimi: "Nge-
ke yini usitshele ukuthi lezi zi-
nto ozenzayo zihlangene nga-
ni nathi?" **20** Ngabaphendu-
la: "Izwi likaJehova lifikile
kimi, lithi, **21** 'Yithi endli-
ni ka-Israyeli: "Yilokhu iNko-
si EnguMbusi uJehova ekusho-
yo, 'Sengizoyingcolisa indlu
yami engcwele,[j] into eniziqhe-
nya kakhulu ngayo, into eni-
yithandayo neniyifisayo ezi-
nhliziyweni zenu. Amadoda-
na namadodakazi enu eniwa-
shiye emuva azobulawa nge-
nkemba.[k] **22** Nizokwenza nje-
ngoba nje ngenzile. Ngeke ni-
wamboze amadevu enu, nge-
ke nisidle isinkwa enisilethe-
lwe abanye abantu.[a] **23** Ama-
duku enu okushuqula ayoba
semakhanda enu, nezimbada-
da zenu zibe sezinyaweni zenu.
Ngeke nilile noma nikhale. Ku-
nalokho niyobolela eziphambe-
kweni zenu,[b] nibubule komu-
nye nomunye. **24** UHezekeli
ube isibonakaliso kini.[c] Nizo-
kwenza njengoba nje enzile.
Lapho lokhu kwenzeka, nizo-
kwazi ukuthi ngiyiNkosi Engu-
Mbusi uJehova.'"'"

**25** "Wena ndodana yomu-
ntu, ngosuku engibaphuca
ngalo inqaba yabo—into enhle
ebenza bajabule, into abayi-
thandayo nabayifisayo ezi-
nhliziyweni zabo—kanye na-
madodana namadodakazi abo,[d]
**26** ophunyukile uyokubikela
kona.[e] **27** Ngalolo suku uyo-
vula umlomo wakho ukhulume
nophunyukile, ngeke usaba isi-
mungulu.[f] Uyoba isibonakaliso
kubo, bayokwazi ukuthi ngi-
nguJehova."

**25** Izwi likaJehova laphi-
nde lafika kimi, lithi:
**2** "Ndodana yomuntu, bhekisa
ubuso bakho kwabakwa-Amo-
ni,[g] uprofethe ngokumelene
nabo.[h] **3** Ngokuqondene na-
bakwa-Amoni, kumele uthi,
'Yizwani izwi leNkosi Engu-
Mbusi uJehova. Yilokhu iNko-
si EnguMbusi uJehova eku-
shoyo: "Ngenxa yokuthi ni-
the 'Nazo-ke!' ngokumelene ne-
ndlu yami engcwele ngesikha-
thi ingcoliswa, nangezwe la-
kwa-Israyeli ngesikhathi lenzi-
wa incithakalo, nangendlu ka-
Juda ngesikhathi iya ekudingi-
sweni, **4** ngininikela kubantu
baseMpumalanga ukuba nibe
ngababo. Bayomisa amakamu*
abo phakathi kwenu, bamise
amatende abo phakathi kwe-

---

**24:17** *Noma, "udebe olungenhla." #NgesiHebheru, "isinkwa sabantu."

**25:4** *Noma, "amakamu abiyelwe."

ISAHL. 24
a 2Kr 36:14; Hez 22:9
b Hez 5:12, 13; Hez 8:18
c Jer 13:14; Hez 5:11
d Hez 24:18, 21
e Jer 16:5
f Lev 10:6
g 2Sa 15:30
h Mik 3:7
i Jer 16:7
j Hu 74:7; Hu 79:1; Jer 7:14; IsiL 1:10; IsiL 2:7; Hez 9:7
k 2Kr 36:17; Jer 6:11

Uhla 2
a Hez 24:17
b Lev 26:39; Hez 33:10
c Isay 8:18; Isay 20:3; Hez 4:3
d Dut 28:32; Jer 11:22
e Hez 33:21
f Hez 3:26; Hez 33:22

ISAHL. 25
g Gen 19:36, 38
h Jer 49:1; Amo 1:13; Zef 2:9

nu. Bayodla izithelo zenu, ba-
phuze ubisi lwenu. **5** Ngiyo-
kwenza iRaba[a] libe yidlelo la-
makamela, nezwe lama-Amoni
libe indawo yokuphumula yom-
hlambi; niyokwazi ukuthi ngi-
nguJehova.”’”

**6** “Yilokhu iNkosi EnguMbu-
si uJehova ekushoyo: ‘Ngenxa
yokuthi ushaye izandla,[b] wa-
shaya phansi ngezinyawo, wa-
jabula ngezwe lakwa-Israyeli
ngenhliziyo egcwele indele-
lo nokubhuqa,[c] **7** ngizokwelu-
la isandla sami simelane nawe
ukuze ngikunikele ezizweni
ube yinto yokuphangwa. Ngi-
zokunquma ezizweni ngiku-
bhubhise emazweni.[d] Ngizoku-
qothula futhi uzokwazi ukuthi
ngingu Jehova.’

**8** “Yilokhu iNkosi EnguMbu-
si uJehova ekushoyo, ‘Nge-
nxa yokuthi uMowabi[e] ne-
Seyiri[f] bathe: “Bheka! Indlu
kaJuda ifana nazo zonke ezi-
nye izizwe,” **9** ngizokwenza
amadolobha asemngceleni wa-
kwaMowabi angavikeleki, ku-
hlanganise namadolobha akho-
na amahle kakhulu* iBheti-je-
shimoti, iBhali-mehoni ngi-
sho neKiriyatayimi.[g] **10** Ngi-
zonikela ngabakwaMowabi na-
bakwa-Amoni kubantu base-
Mpumalanga[h] ukuze abakwa-
Amoni bangakhunjulwa phaka-
thi kwezizwe.[i] **11** Ngizokwa-
hlulela abakwaMowabi,[j] bazo-
kwazi ukuthi nginguJehova.’

**12** “Yilokhu iNkosi Engu-
Mbusi uJehova ekushoyo:
‘U-Edomi uziphindiselele endli-
ni kaJuda futhi wenze ica-
la elikhulu ngokuziphindisele-
la kuyo;[k] **13** ngakho yilokhu
iNkosi EnguMbusi uJehova
ekushoyo: “Ngizokwelulela ne-
sandla sami kwelakwa-Edomi
nginqume khona kokubili umu-
ntu nemfuyo, ngizolenza inci-
thakalo.[a] Kusukela eThemani
kuze kufike eDedani, bazoku-
wa ngenkemba.[b] **14** ‘Ngizo-
phindisela ku-Edomi ngesandla
sabantu bami u-Israyeli.[c] Ula-
ka lwami nentukuthelo yami
enkulu bazokuletha ku-Edo-
mi ukuze bazibonele mathu-
pha impindiselo yami,’[d] kusho
iNkosi EnguMbusi uJehova.”’

**15** “Yilokhu iNkosi Engu-
Mbusi uJehova ekushoyo: ‘Nge-
nxa yobutha babo obungapheli,
amaFilisti abelokhu efuna uku-
letha impindiselo nembubhi-
so.[e] **16** Ngakho yilokhu iNkosi
EnguMbusi uJehova ekushoyo:
“Ngelula isandla sami ngo-
kumelene namaFilisti,[f] ngizowa-
nquma amaKhereti,[g] ngibhubhi-
se abantu abasele ogwini lolwa-
ndle.[h] **17** Ngizoletha kubo ize-
nzo ezinkulu zempindiselo nezi-
jeziso ezinonya; bazokwazi uku-
thi nginguJehova lapho ngehli-
sela impindiselo yami kubo.”’”

**26** Ngonyaka ka-11, ngosuku
lokuqala lwenyanga, izwi
likaJehova lafika kimi, lathi:
**2** “Ndodana yomuntu, ngenxa
yokuthi iThire lithe ngeJe-
rusalema,[i] ‘Nazo-ke! Isango la-
bantu liphuliwe![j] Zonke izi-
nto zizongihambela kahle, ngi-
zoceba njengoba seliqothuli-
we’; **3** ngakho yilokhu iNko-
si EnguMbusi uJehova eku-
shoyo: ‘Bheka ngimelene nawe
Thire, ngizokwenza izizwe ezi-
ningi zimelane nawe, njengo-
ba nje ulwandle lwenyusa ama-
gagasi alo. **4** Ziyobhidliza izi-
ndonga zaseThire zidilize imi-
bhoshongo yalo,[k] ngiyophala
inhlabathi ngilenze libe idwa-
la elicwebezelayo elingenalu-
tho. **5** Liyoba igceke lokwe-
neka amanethi okudoba phaka-
thi kolwandle.’[l]

---

ISAHL. 25
a 2Sa 12:26; Hez 21:20
b IsiL 2:15
c Zef 2:8
d Jer 49:2; Amo 1:14
e Isay 15:1; Jer 48:1; Amo 2:1
f Dut 2:4
g Num 32:37, 38; Jos 13:15, 19
h Hez 25:4
i Hez 21:28, 32
j Jer 48:1
k 2Kr 28:17; Hu 137:7; IsiL 4:22; Amo 1:11; Obad 10

Uhla 2
a Mal 1:4
b Jer 49:7, 8
c Isay 11:14; Isay 63:1
d Nah 1:2
e 2Kr 28:18; Isay 9:11, 12; Isay 14:29; Jer 47:1; Jow 3:4-6; Amo 1:6
f Jer 25:17, 20; Zef 2:4
g Zef 2:5
h Jer 47:4

ISAHL. 26
i Jow 3:4-6; Amo 1:9
j IsiL 1:1
k Isay 23:11; Amo 1:10; Zak 9:4
l Hez 27:32

---

25:9 * Noma, “awumhlobiso.”

"'Ngoba mina ngikhulumi-
le,' kusho iNkosi EnguMbusi
uJehova, 'liyophangwa izizwe.
**6** Izindawo zalo zokuhlala* ezi-
semaphandleni ziyoqothulwa
ngenkemba, abantu bayokwazi
ukuthi nginguJehova.'
**7** "Ngoba yilokhu iNkosi
EnguMbusi uJehova ekushoyo:
'Bheka ngiletha uNebukhadi-
nezari* inkosi yaseBhabhiloni
evela enyakatho ukuba azome-
lana neThire;[a] uyinkosi yama-
khosi,[b] enamahhashi,[c] izinqola
zempi,[d] abagibeli bamahhashi
nebutho lamasosha amaningi.#
**8** Uzoqothula ngenkemba izi-
ndawo zakho zokuhlala ema-
phandleni, akhe udonga lo-
kuvimbezela, akwakhele udo-
nga lokuvikela futhi akuphaka-
misele ihawu elikhulu. **9** Uzo-
shaya izindonga zakho ngom-
shini wakhe wokuhlasela,* imi-
bhoshongo yakho uzoyidiliza
ngezimbazo# zakhe. **10** Ama-
hhashi akhe ayoba maningi ka-
ngangokuthi ayokumboza nge-
zintuli, umsindo wabagibeli ba-
mahhashi, amasondo nezinqo-
la kuyobangela ukuba izindo-
nga zakho zizamazame lapho
engena emasangweni akho,
njengamadoda ahlasela idolo-
bha elinezindonga ezibhodloki-
le. **11** Izinselo zamahhashi
akhe ziyondindizelisa yonke
imigwaqo yakho;[e] uyobulala
abantu bakho ngenkemba, izi-
nsika zakho eziqinile ziyophi-
hlizeka emhlabathini. **12** Ba-
yokweba umnotho wakho, ba-
phange impahla yakho ethe-
ngiswayo,[f] badilize izindonga
zakho, babhidlize izindlu za-
kho ezinhle kakhulu; ngemva
kwalokho amatshe akho, izinto
zakho zokhuni nenhlabathi ya-
kho bayokuphonsa emanzini.'
**13** "'Ngiyowuqeda umsindo
wezingoma zakho, nomsindo
wamahabhu akho ngeke usa-
zwakala.[a] **14** Ngiyokwenza
ube yidwala elicwebezelayo, eli-
ngenalutho, uyoba igceke lo-
kweneka amanethi okudoba.[b]
Ngeke uphinde wakhiwe kabu-
sha, ngoba mina Jehova ngi-
khulumile,' kusho iNkosi Engu-
Mbusi uJehova.
**15** "Yilokhu iNkosi Engu-
Mbusi uJehova ekushoyo eThi-
re: 'Lapho kuzwakala umsindo
wokuwa kwakho, lapho abafa-
yo bebubula, lapho kubulawa
abantu ngonya phakathi kwa-
kho, ngeke yini iziqhingi ziza-
mazame?[c] **16** Zonke izikhulu
zolwandle ziyokwehla ezihla-
lweni zazo zobukhosi, zisuse
izingubo zazo, zikhumule izi-
ngubo* zazo ezihlotshisiwe fu-
thi ziyothuthumela.# Ziyohla-
la phansi emhlabathini, zilo-
khu zithuthumela zikugqoloze-
le zimangele.[d] **17** Ziyokucule-
la ingoma yokulila[e] zithi kuwe:

"Yeka indlela oshabalale
ngayo,[f] wena okwakuhla-
la kuwe abavela ezilwa-
ndle, idolobha elidunyi-
swayo;
Wena nabahlala kuwe nani-
bakhulu olwandle,[g]
Nibangela ukwesaba
kubo bonke abahlala em-
hlabeni!
**18** Iziqhingi ziyothuthumela
ngosuku lokuwa kwakho,
Iziqhingi ezisolwandle ziyo-
phazamiseka lapho unga-
sekho."'[h]

---

**26:6** *NgesiHebheru, "Amadodakazi alo." **26:7** *NgesiHebheru, "uNebukhadirezari," enye indlela yokulibhala. #NgesiHebheru, "noquqaba lwezizwe." **26:9** *Okuwukuthi, umshini osetshenziselwa ukubhidliza izindonga. #Noma, "ngezinkemba."

**26:16** *Noma, "amajazi angenamikhono." #NgesiHebheru, "ziyogqoka ukuthuthumela."

---

ISAHL. 26
*a* Jer 25:9; Hez 29:18
*b* Dan 2:37
*c* Hab 1:8
*d* Jer 4:13
*e* Isay 5:28; Hab 1:8
*f* Hez 27:32, 33; Hez 28:5, 18; Zak 9:3

Uhla 2
*a* Isay 23:16
*b* Hez 26:4, 5
*c* Hez 27:28
*d* Hez 27:35; Hez 32:10
*e* Hez 27:32
*f* Amo 1:9, 10
*g* Hez 28:2
*h* Isay 23:5

**19** “Yilokhu iNkosi Engu-
Mbusi uJehova ekushoyo: ‘La-
pho ngikwenza incithakalo nje-
ngamadolobha angahlali mu-
ntu, lapho ngikumboza ngama-
nzi agubhayo nolwandle se-
lukumbozile,[a] **20** ngiyohambi-
sa wena nalabo abehlela pha-
nsi egodini* kubantu bakudala;
ngiyokwenza uhlale endaweni
ephansi kunazo zonke, enjenge-
zindawo zakudala esezaba inci-
thakalo, kanye nalabo abehlela
phansi egodini,[b] ukuze kungabe
kusahlala muntu kuwe. Ngiyobe
sengikhazimulisa# izwe labaphi-
layo.

**21** “‘Ngizokulethela ukwe-
saba okukhulu kungazelelwe,
ngeke usaba khona.[c] Bayo-
kufuna kodwa ngeke uphi-
nde utholakale,’ kusho iNkosi
EnguMbusi uJehova.”

**27** Izwi likaJehova laphinde lafika kimi, lithi:
**2** “Wena ndodana yomuntu, cula ingoma yokulila ngeThire,[d]
**3** uthi eThire,

‘Wena ohlala emasangweni olwandle,
Othengisela abantu baseziqhingini eziningi,
Yilokhu iNkosi EnguMbusi uJehova ekushoyo:
“O Thire, wena uthe, ‘Ngimuhle ngazo zonke izindlela.’[e]

**4** Izindawo zakho zisemajukujukwini olwandle,
Abakhi bakho babuphelelisile ubuhle bakho.

**5** Wonke amapulangwe akho bawenze ngezihlahla zomjunipha zaseSeniri,[f]
Bathathe umsedari eLebhanoni ukuze bakwenzele insika.

**6** Izigwedlo zakho bazenze ngezihlahla ze-oki zaseBhashani,
Ingaphambili lakho lenziwa ngomsayiphuresi onezinyo lendlovu waseziqhingini zaseKitimi.[a]

**7** Ilineni elimibalabala laseGibhithe laliyindwangu yokukwenzela useyili,
Isembozo sendawo engaphandle* sasenziwe ngentambo eluhlaza okwesibhakabhaka noboya obuphephuli baseziqhingini zase-Elishahi.[b]

**8** Abakhe eSidoni nase-Arivadi[c] babengabagwedli bakho.
Izingcweti zakho Thire zazingamatilosi akho.[d]

**9** Amadoda asemnkantsh’ ubomvu* nanekhono aseGebhali[e] ayevala izimfa zezindawo ezivuzayo.[f]
Yonke imikhumbi yasolwandle nabahamba ngayo babeza kuwe bezohweba.

**10** Amadoda asePheresiya, eLudi nasePhuthi[g] ayesebuthweni lakho lempi, amadoda akho empi.
Amahawu nezigqoko zawo zokuzivikela akulengisa kuwe, akwenza ukuba ukhazimule.

**11** Amadoda ase-Arivadi ebuthweni lakho ayemi ezindongeni zakho nxazonke,
Amadoda anesibindi ayeqapha imibhoshongo yakho.
Amahawu awo ayizindilinga ayewalengisa ezindongeni zakho nxazonke
Ephelelisa ubuhle bakho.

ISAHL. 26
a Hez 27:34
b Hez 28:8
c Hez 27:36

ISAHL. 27
d Hez 26:17
e Isay 23:9; Hez 28:2, 12
f Dut 3:8, 9; 1Kr 5:23

Uhla 2
a Gen 10:2, 4
b Gen 10:2, 4
c Gen 10:15, 18
d 1Kh 9:27
e Jos 13:2, 5
f Hez 27:27
g Gen 10:6; Jer 46:9

**26:20** *Noma, “ethuneni.” #Noma, “sengihlobisa.”

**27:7** *Noma, “sendeki yakho.” **27:9** *NgesiHebheru, “Amaxhegu.”

**12** “‘“ITharishishi[a] lalenza
ibhizinisi nawe ngenxa ye-
ngcebo yakho eningi.[b] Ba-
bekunika isiliva labo, insimbi,
ithini nomthofu ukuze batho-
le izinto zakho.[c] **13** UJava-
ni, uThubhali[d] noMesheke[e] ba-
hweba nawe, bekunika izigqila[f]
nezinto zethusi ukuze batho-
le izinto zakho ozithengisa-
yo. **14** Indlu kaThogarma[g] ya-
yikunika amahhashi, amahha-
shi empi neminyuzi ukuze
ithole izinto zakho. **15** Aba-
ntu baseDedani[h] babehwebela-
na nawe; waqasha abathengi-
si eziqhingini eziningi; bakuni-
ka amazinyo endlovu[i] nokhu-
ni olumnyama oluyigugu kwa-
ba isipho sakho. **16** U-Edomi
wenza ibhizinisi nawe nge-
nxa yemikhiqizo yakho emini-
ngi. Wakunika itherkhoyisi,
uboya obuphephuli, imihlobi-
so emibalabala, indwangu ese-
zingeni eliphezulu, amakhora-
li namarubi ukuze athole izinto
zakho.

**17** “‘“UJuda nezwe lakwa-
Israyeli babehweba nawe, be-
kunika ukolweni waseMiniti,[j]
ukudla kwekhethelo, uju,[k] ama-
futha nebhalsamu[l] ukuze ba-
thole izinto zakho.[m]

**18** “‘“IDamaseku[n] lenza ibhi-
zinisi nawe ngenxa yobuningi
bemikhiqizo yakho nayo yonke
ingcebo yakho, lihweba ngewa-
yini laseHelbhoni noboya ba-
seZahari.* **19** IVedani neJava-
ni ese-Uzali kwakunika insimbi,
ikasiya,* nomhlanga# ukuze ku-
thole izinto zakho. **20** IDeda-
ni[o] lalihweba nawe ngezindwa-
ngu ezibekwa esihlalweni se-
hhashi. **21** Waqasha ama-Ara-
bhu nazo zonke izikhulu zase-
Khedari[a] ezazingabathengisi ba-
mawundlu nezinqama nezimbu-
zi.[b] **22** Abathengisi baseSheba
naseRahama[c] babehweba nawe;
babekunika zonke izinhlobo ze-
ziqholo eziphambili, amatshe
ayigugu negolide ukuze ba-
thole izinto zakho.[d] **23** IHara-
na,[e] iKhanine ne-Edene,[f] aba-
hwebi baseSheba,[g] i-Ashuri[h] ne-
Khilimadi babehweba nawe.
**24** Ezimakethe zakho babehwe-
ba ngezingubo ezinhle, izingu-
bo zangaphandle ezenziwe nge-
ndwangu eluhlaza okwesibha-
kabhaka enemihlobiso emibala-
bala kanye nokhaphethi abami-
balabala, konke kuboshwe kwa-
qina ngezintambo.

**25** Imikhumbi yaseTharishishi[i]
yayingomahambanendlwa-
na abathwala izinto zakho
ezithengiswayo,
Ngakho wawugcwele futhi
usindwa* emajukujukwini
olwandle.

**26** Abagwedli bakho bakule-
the emanzini amaningi;
Umoya wasempumalanga
ukuphihlizele emajukuju-
kwini olwandle.

**27** Ingcebo yakho, impahla ya-
kho, izinto zakho ezithe-
ngiswayo, abantu bakho
abahamba ngomkhumbi,
amatilosi akho,
Labo abavala izimfa ezi-
ndaweni ezivuzayo,[j] labo
abahweba ngezinto zakho
ezithengiswayo nawo wo-
nke amadoda akho empi[k]
—Sonke isixuku* esikanye
nawe—
Bonke bayocwila emajuku-
jukwini olwandle ngosuku
lokuwa kwakho.[l]

**28** Lapho amatilosi akho ekha-
la, amazwe agudle ulwa-
ndle ayothuthumela.

ISAHL. 27
*a* Gen 10:2, 4 Jon 1:3
*b* 2Kr 9:21
*c* Jer 10:9
*d* Isay 66:19
*e* Gen 10:2
*f* Jow 3:6
*g* Gen 10:2, 3 Hez 38:6
*h* Gen 10:7
*i* 1Kh 10:22
*j* Hlu 11:12, 33
*k* Gen 43:11
*l* Jer 8:22
*m* 1Kh 5:9 Ezr 3:7 IzE 12:20
*n* Isay 7:8
*o* Gen 25:3

Uhla 2
*a* Gen 25:13
*b* 2Kr 17:11 Isay 60:7
*c* Gen 10:7
*d* 1Kh 10:1, 2 Isay 60:6
*e* Gen 11:31
*f* 2Kh 19:12 Amo 1:5
*g* Gen 25:3 Job 6:19
*h* Gen 10:22
*i* 1Kh 10:22 Isay 23:14
*j* Hez 27:8, 9
*k* Hez 27:10, 11
*l* Hez 26:14

---

**27:18** *Noma, “obumpunga ngokubomvu.” **27:19** *Isihlahla esiwuhlobo olulodwa nesihlahla sesinamoni. #Umhlanga onephunga elimnandi.

**27:25** *Noma kungaba, “ukhazimula.” **27:27** *NgesiHebheru, “ibandla.”

29 Bonke abaphatha izigwe-
dlo, abahamba olwandle,
namatilosi,
Bayokwehla emikhunjini
yabo bame emhlabathini.
30 Bayomemeza bakukhalele
kamunyu[a]
Bebe bethela uthuli ema-
khanda abo bebhuquza
emlotheni.
31 Bayoziphuca amakhanda
babhince indwangu ye-
saka;
Bayokukhalela ngendlela
edabukisayo, babangala-
se kabuhlungu.
32 Esililweni sabo bayokucule-
la ingoma yokulila, baha-
ye ngawe bathi:
'Ubani onjengeThire, ose-
thule emajukujukwini
olwandle?[b]
33 Lapho izinto zakho zifika
zivela olwandle, wajabuli-
sa izizwe eziningi.[c]
Ingcebo yakho eningi nezi-
nto zakho ezithengiswayo
kwacebisa amakhosi om-
hlaba.[d]
34 Manje usuphihlikile olwa-
ndle, emanzini ajulile,[e]
Zonke izinto zakho ezithe-
ngiswayo nabantu bakho
bacwile nawe.[f]
35 Bonke abakhe eziqhingini
bayokugqolozela bema-
ngele,[g]
Namakhosi abo ayoqha-
qhazela ngenxa yokwesa-
ba okukhulu[h]—ubuso
babo buyogcwala ukukha-
thazeka.
36 Abathengisi phakathi kwe-
zizwe bayoshaya ikhwela
ngenxa yokwenzeke
kuwe.
Isiphetho sakho siyozuma
sibe esinyantisayo,
Ngeke usaba khona kuze
kube phakade.'"'"[i]

ISAHL. 27
a Isay 23:1
Hez 26:17
b Hez 26:5
c Hez 27:14, 16
d Zak 9:3
e Hez 26:19
f Hez 27:27
g Hez 26:15
h Hez 28:17
i Hu 37:10

Uhla 2

ISAHL. 28
a Hez 28:5
b Hez 27:4
c Dan 2:48
d Zak 9:3
e Isay 23:1, 3
Hez 27:12
f Hez 30:10, 11
g Isay 23:9
h Hez 27:26

28 Izwi likaJehova laphi-
nde lafika kimi, lithi:
2 "Ndodana yomuntu, yithi ku-
mholi weThire, 'Yilokhu iNkosi
EnguMbusi uJehova ekushoyo:
"Ngenxa yokuthi inhliziyo
yakho isiyazidla,[a] ulokhu
uthi, 'Ngingunkulunkulu.
Ngihleli esihlalweni so-
bukhosi sikankulunkulu
emajukujukwini olwa-
ndle.'[b]
Kodwa ungumuntu nje,
awuyena unkulunkulu,
Nakuba enhliziyweni yakho
ucabanga ukuthi ungu-
nkulunkulu.
3 Bheka! Uhlakaniphe ukwe-
dlula uDaniyeli.[c]
Azikho izimfihlo ofihlelwe
zona.
4 Uzenze waceba ngokuhla-
kanipha kwakho nango-
kuqonda kwakho,
Ulokhu uqongelela igolide
nesiliva endaweni yoku-
gcina ingcebo.[d]
5 Ikhono lakho lokuhweba li-
kulethele ingcebo eningi,[e]
Inhliziyo yakho yazidla nge-
nxa yengcebo yakho."'
6 "'Ngakho yilokhu iNkosi
EnguMbusi uJehova ekushoyo:
"Ngenxa yokuthi enhlizi-
yweni yakho ucabanga
ukuthi ungunkulunkulu,
7 Ngikulethela izifiki ukuba
zimelane nawe, abantu
abanonya kunabo bonke
ezizweni,[f]
Bayohosha izinkemba zabo
zimelane nobuhle boku-
hlakanipha kwakho
Bangcolise ubukhazikhazi
bakho.[g]
8 Bayokwehlisela egodini,*
Ufe kabuhlungu emajukuju-
kwini olwandle.[h]

28:8 * Noma, "ethuneni."

9 Uyoqhubeka yini uthi, 'Ngi-
ngunkulunkulu,' kulowo
okubulalayo?
Uyoba umuntu nje hhayi
unkulunkulu esandleni
salabo abakungcolisayo."'
10 'Uyofa njengabangasokile
esandleni sezifiki,
Ngoba mina ngikhulumile,'
kusho iNkosi EnguMbusi
uJehova."

11 Izwi likaJehova laphinde
lafika kimi, lithi: 12 "Ndoda-
na yomuntu, cula ingoma yo-
kulila ngenkosi yaseThire, uthi
kuyo, 'Yilokhu iNkosi Engu-
Mbusi uJehova ekushoyo:

"Wawuyisibonelo sokuphe-
lela,
Ugcwele ukuhlakanipha,[a]
umuhle ngazo zonke izi-
ndlela.[b]
13 Wawuse-Edene, insimu ka-
Nkulunkulu.
Wawuhlotshiswe ngazo zo-
nke izinhlobo zamatshe
ayigugu
—Irubi, itopazi nejaspi;
ikhrisolithe, i-onikisi ne-
jeyidi; isafire, itherkhoyi-
si[c] ne-emeraldi;
Izisekelo zawo nezikhoxe
zawo kwakuyigolide.
Alungiswa ngosuku owada-
lwa ngalo.
14 Ngakumisa waba ikherubi
eligcotshiwe eliyisivikelo.
Wawusentabeni engcwele
kaNkulunkulu,[d] uhamba-
hamba phakathi kwama-
tshe avuthayo.
15 Wawungenaphutha ezindle-
leni zakho kusukela ngo-
suku owadalwa ngalo
Kwaze kwaba yilapho
kutholakala ukungalungi
kuwe.[e]
16 Ngenxa yokuhweba kwakho
ngezinto eziningi,[f]
Wagcwala ubudlova, waqa-
la ukona.[a]
Ngakho ngizokukhipha nje-
ngongcolile entabeni ka-
Nkulunkulu, ngikubhu-
bhise[b]
Kherubi eliyisivikelo, ngi-
kususe ematsheni omlilo.
17 Inhliziyo yakho yazidla nge-
nxa yobuhle bakho.[c]
Wangcolisa ukuhlakanipha
kwakho ngenxa yobukha-
zikhazi bakho.[d]
Ngizokuphonsa phansi em-
hlabeni.[e]
Ngizokwenza umbukwane
phambi kwamakhosi.
18 Ngenxa yecala lakho eli-
khulu nokuhweba kwa-
kho ngokungathembeki,
ungcolise izindlu zakho
ezingcwele.
Ngizokwenza ukuba ku-
qubuke umlilo phakathi
kwakho, ukushwabadele.[f]
Ngizokwenza ube umlotha
emhlabeni phambi kwabo
bonke abakubukayo.
19 Bonke ababekwazi phaka-
thi kwezizwe bayokugqo-
lozela bemangele.[g]
Isiphetho sakho siyofika
kungazelelwe futhi siyo-
nyantisa,
Ngeke usaba khona kuze
kube phakade."'"[h]

20 Izwi likaJehova laphinde
lafika kimi, lithi: 21 "Ndodana
yomuntu, bhekisa ubuso bakho
eSidoni,[i] uprofethe ngokumele-
ne nalo. 22 Kufanele uthi, 'Yi-
lokhu iNkosi EnguMbusi uJeho-
va ekushoyo:

"Bheka ngimelene nawe Si-
doni, ngizokhazinyuliswa
phakathi kwakho;
Abantu bayokwazi ukuthi
ngi nguJehova lapho ngi-
lahlulela futhi ngingcweli-
swa kulo.

ISAHL. 28
a Hez 28:3
b Hez 27:3
c Hez 27:16
d Isay 14:13
e Jow 3:4; Amo 1:9
f 1Kh 10:11; 2Kr 9:21; Hez 27:12

Uhla 2
a Jow 3:6
b Isay 23:9; Jer 25:17, 22; Jer 47:4; Jow 3:8
c Hez 27:3
d Isay 14:14
e Isay 14:15
f Amo 1:9, 10
g Hez 27:35
h Hez 27:36
i Isay 23:4; Jer 25:17, 22; Hez 32:30

23 Ngiyothumela kulo isifo esiwumshayabhuqe negazi liyogobhoza ezitaladini zalo.
Obulewe uyowa phakathi kwalo lapho inkemba imelana nalo nhlangothi zonke;
Bayokwazi ukuthi nginguJehova.[a]

24 “‘“Indlu ka-Israyeli ngeke
isazungezwa izinto ezilimazayo
nameva ahlabayo,[b] labo ababe-
nza inhlekisa; abantu bayokwa-
zi ukuthi ngiyiNkosi EnguMbusi
uJehova.”’

25 “‘Yilokhu iNkosi Engu-
Mbusi uJehova ekushoyo: “La-
pho ngiphinde ngiqoqela nda-
wonye indlu ka-Israyeli ngiyisu-
sa ezizweni ehlakazelwe kuzo,[c]
ngizongcweliswa phakathi kwa-
yo emehlweni ezizwe.[d] Bayohla-
la ezweni labo[e] engalinika ince-
ku yami uJakobe.[f] 26 Bayo-
hlala kulo belondekile,[g] bakhe
izindlu batshale amasimu ama-
gilebhisi,[h] bayohlala ngokulo-
ndeka lapho ngikhipha isahlule-
lo kubo bonke ababazungezile
ababenza inhlekisa;[i] bayokwa-
zi ukuthi nginguJehova uNkulu-
nkulu wabo.”’”

29 Ngonyaka weshumi, nge-
nyanga yeshumi, ngosuku
luka-12 lwenyanga, izwi likaJe-
hova lafika kimi, lithi: 2 “Ndo-
dana yomuntu, bhekisa ubu-
so bakho kuFaro inkosi yase-
Gibhithe, uprofethe ngokumele-
ne naye nangokumelene nalo lo-
nke iGibhithe.[j] 3 Yisho la ma-
zwi: ‘Yilokhu iNkosi EnguMbusi
uJehova ekushoyo:

“Bheka ngimelene nawe Faro, nkosi yaseGibhithe,[k]
Isilwane esikhulu sasolwandle esilele phakathi kwemifudlana yaso yeNayile,*[a]
Esithe, ‘UMfula wami iNayile ungowami.
Ngizenzele wona.’[b]
4 Ngizofaka amahhuku emihlathini yakho ngibangele ukuba izinhlanzi ezaseNayile yakho zinamathele emazengeni akho.
Ngizokukhuphula ngikukhiphe eNayile yakho kanye nazo zonke izinhlanzi ezaseNayile ezinamathele emazengeni akho.
5 Ngizokushiya ehlane, wena nazo zonke izinhlanzi zeNayile yakho.
Uzowela endle, ngeke ubuthwe noma uqoqelwe ndawonye.[c]
Ngizokunikela ezilwaneni zasendle zomhlaba nasezinyonini ezisesibhakabhakeni ukuba zikudle.[d]
6 Bonke abakhe eGibhithe bayokwazi ukuthi nginguJehova,
Ngoba babengaselona usizo endlini ka-Israyeli njengoba nje kwakunjalo ngomhlanga.[e]
7 Lapho bekubamba ngesandla wafohloka,
Wabangela ukuba balimaze ihlombe labo.
Lapho bencika kuwe, waphuka,
Wabangela ukuba imilenze* yabo ixegezele.”[f]

8 “‘Ngakho yilokhu iNko-
si EnguMbusi uJehova eku-
shoyo: “Bheka ngiletha inke-
mba phezu kwakho,[g] ngizonqu-
ma kuwe kokubili umuntu ne-
silwane. 9 Izwe laseGibhithe

ISAHL. 28
a Hez 26:6
b Num 33:55; Jos 23:12, 13
c Dut 30:3; Isay 11:12; Jer 30:18; Hos 1:11
d Isay 5:16
e Jer 23:8
f Gen 28:13
g Isay 32:18; Jer 23:6; Hos 2:18
h Isay 65:21, 22; Jer 31:5; Amo 9:14
i Jer 30:16

ISAHL. 29
j Jer 25:17, 19; Jer 43:10, 11; Hez 31:2
k Jer 46:25; Hez 31:18

Uhla 2
a Hez 32:2
b Hez 29:9
c Jer 25:33
d Hez 32:4
e Isay 36:6; Jer 37:5-7; Hez 17:17
f Jer 17:5
g Jer 46:14; Hez 30:4; Hez 32:12

29:3 *Lapha nangezansi, elithi “Nayile” libhekisela emfuleni nasemiseleni yawo yokunisela. 29:7 *NgesiHebheru, “amanyonga.”

liyoba ihlane nendawo eyi-
ncithakalo;[a] bayokwazi ukuthi
nginguJehova, ngoba uthe,*
'UMfula iNayile ungowami; yi-
mina owenzile.'[b] **10** Ngakho
ngimelene nawe neNayile ya-
kho, ngizokwenza izwe lase-
Gibhithe libe incithakalo futhi
lome, ugwadule oluqothuliwe,[c]
kusukela eMigidoli[d] kuye eSi-
yene[e] kuze kufike emngceleni
weTopiya. **11** Ngeke kudabu-
le kulo umuntu noma imfuyo,[f]
ngeke kuhlale muntu kulo imi-
nyaka engu-40. **12** Ngizokwe-
nza izwe laseGibhithe libe yi-
zwe eliyihlane kunawo wo-
nke, amadolobha akhona ayo-
ba yihlane ukwedlula wonke
amanye amadolobha iminyaka
engu-40;[g] abaseGibhithe ngi-
zobahlakazela ezizweni, ngiba-
hlakazele emazweni."[h]

**13** "'Yilokhu iNkosi Engu-
Mbusi uJehova ekushoyo: "Eku-
pheleni kweminyaka engu-40
ngiyobaqoqela ndawonye aba-
seGibhithe babuye ezizweni
abayobe behlakazekele kuzo;[i]
**14** ngiyozibuyisa izithunjwa
zaseGibhithe, ngiyozibuyise-
la ezweni lasePhatirosi,[j] ezwe-
ni ezidabuka kulo, lapho zi-
yoba umbuso ongabalulekile.
**15** IGibhithe liyoba phansi ku-
neminye imibuso, ngeke lisa-
ba namandla phezu kwezinye
izizwe,[k] ngiyolenza libe linca-
ne kakhulu kangangokuba nge-
ke likwazi ukunqoba ezinye izi-
zwe.[l] **16** IGibhithe ngeke liphi-
nde lethenjwe yindlu ka-Isra-
yeli,[m] kodwa liyomane liyikhu-
mbuze ngephutha layo lokuphe-
ndukela kwabaseGibhithe uku-
ze ithole usizo. Bayokwazi uku-
thi ngiyiNkosi EnguMbusi uJe-
hova."'"

**17** Kwathi ngonyaka ka-27,
ngenyanga yokuqala, ngosu-
ku lokuqala lwenyanga, izwi
likaJehova lafika kimi, lithi:
**18** "Ndodana yomuntu, uNebu-
khadinezari*[a] inkosi yaseBha-
bhiloni wenza ukuba ibutho la-
khe lempi lisebenze kanzi-
ma ngokumelene neThire.[b] Wo-
nke amakhanda aba yizimpa-
ndla, wonke amahlombe akhu-
hlwa aphucuka. Kodwa yena
nebutho lakhe lempi abayitho-
langa inkokhelo ngomsebenzi
onzima awenza eThire.

**19** "Ngakho yilokhu iNko-
si EnguMbusi uJehova ekusho-
yo, 'Bheka nginika uNebukha-
dinezari* inkosi yaseBhabhilo-
ni[c] izwe laseGibhithe, uzotha-
tha umcebo walo athathe ne-
mpahla yalo eningi aliphange;
kuzoba inkokhelo yebutho la-
khe lempi.'

**20** "'Ngizomnika izwe lase-
Gibhithe njengembuyiselo yo-
msebenzi wakhe onzima ngo-
kumelene nalo,* ngoba batha-
tha isinyathelo ngenxa yami,'[d]
kusho iNkosi EnguMbusi uJe-
hova.

**21** "Ngalolo suku ngiyoba-
ngela ukuba indlu ka-Israye-
li ihlunyelwe uphondo,*[e] ngi-
yokunika ithuba lokukhulu-
ma phakathi kwayo; bayokwa-
zi ukuthi nginguJehova."

**30** Izwi likaJehova laphi-
nde lafika kimi, lithi:
**2** "Ndodana yomuntu, profe-
tha uthi, 'Yilokhu iNkosi Engu-
Mbusi uJehova ekushoyo:

"Hewulani nithi, 'Maye usu-
ku luyeza!'
**3** Ngoba usuku luseduze,
yebo, usuku lukaJehova
luseduze.[f]

ISAHL. 29
a Jer 43:11-13
b Hez 29:3
c Hez 30:12
d Jer 44:1
e Hez 30:6, 7
f Hez 31:12, Hez 32:13
g Jer 46:19
h Hez 30:23
i Jer 46:25, 26
j Gen 10:13, 14, Hez 30:14
k Hez 30:13
l Hez 32:2
m Isay 30:2, Isay 36:4, 6, Jer 2:18, Jer 37:5-7

Uhla 2
a Jer 25:9, Jer 27:3, 6
b Hez 26:7
c Jer 43:10, 12
d Hez 30:9, 10
e 1Sa 2:10, Luk 1:69

ISAHL. 30
f Obad 15

**29:9** *NgesiHebheru, "yena uthe."

**29:18, 19** *NgesiHebheru, "uNebukhadirezari," enye indlela yokulibhala. **29:20** *Okuwukuthi, ngokumelene neThire. **29:21** *Noma, "ngiyonika indlu ka-Israyeli amandla."

Luyoba usuku lwamafu,[a]
isikhathi esimisiwe sezi-
zwe.[b]
4 Kuyofika inkemba imelane
neGibhithe, iTopiya liyofi-
kelwa ukwesaba lapho
kubulawa abantu eGibhi-
the;
Umcebo walo uthathiwe ne-
zisekelo zalo zidiliziwe.[c]
5 ITopiya,[d] iPhuthi,[e] iLudi
nabo bonke abantu abayi-
ngxubevange,*
IKhubi kanye namadodana
ezwe lesivumelwano,#
Bonke bayowa ngenke-
mba.”’
6 Yilokhu uJehova akushoyo:
‘Abasekeli beGibhithe
nabo bayokuwa,
Namandla alo eliziqhenya
ngawo ayokwehliswa.’[f]

“‘Kusukela eMigidoli[g] kuya
eSiyene[h] bayokuwa ngenke-
mba ezweni,’ kusho iNkosi
EnguMbusi uJehova. 7 ‘Ba-
yokwenziwa izwe eliyincitha-
kalo kunawo wonke ama-
zwe, amadolobha akhona ayo-
ba incithakalo kunawo wo-
nke amadolobha.[i] 8 Bayo-
kwazi ukuthi nginguJehova la-
pho ngokhela umlilo eGibhithe
nabo bonke abasizi balo beqo-
thulwa. 9 Ngalolo suku ngi-
yothumela izithunywa ngemi-
khumbi ukuze iTopiya elize-
thembayo lithuthumele; bayo-
banjwa ukwesaba ngosuku olu-
yofikela iGibhithe, ngoba luyo-
fika nakanjani.’

10 “Yilokhu iNkosi Engu-
Mbusi uJehova ekushoyo: ‘Ngi-
yoqeda isixuku saseGibhi-
the ngesandla sikaNebukhadi-
nezari* inkosi yaseBhabhiloni.[j]
11 Yena namasosha akhe, aba-
nonya kunabo bonke ezizwe-
ni,[a] bayolethwa ezweni uku-
ze balibhubhise. Bayohoshela
iGibhithe izinkemba bagcwali-
se izwe ngababulewe.[b] 12 Ngi-
yokwenza imisele yeNayile[c] ibe
umhlabathi owomile ngithengi-
se izwe esandleni sabantu aba-
bi. Ngiyokwenza izwe nakho ko-
nke okukulo kube incithakalo
ngesandla sezifiki.[d] Mina Jeho-
va ngikhulumile.’

13 “Yilokhu iNkosi Engu-
Mbusi uJehova ekushoyo: ‘Ngi-
yobhubhisa nezithixo ezinya-
nyisayo* ngiqede onkulunku-
lu abangasizi ngalutho baseNo-
fi.#[e] Ngeke kusaba khona isikhu-
lu ezweni laseGibhithe, ngiyofa-
ka ukwesaba ezweni laseGi-
bhithe.[f] 14 Ngiyokwenza iPha-
tirosi[g] libe incithakalo ngokhe-
le umlilo eZowani ngahlulele
iNo.*[h] 15 Ngiyothululela ulaka
lwami eSini, inqaba yeGibhithe,
ngibhubhise abantu baseNo.
16 Ngiyokokhela umlilo eGibhi-
the; iSini liyobanjwa ukwesaba,
iNo liyobhodlozwa, neNofi* liyo-
hlaselwa emini bebade! 17 Izi-
nsizwa zase-Oni* nasePhibese-
ti ziyokuwa ngenkemba, ama-
dolobha ayothunjwa. 18 Kuyo-
ba mnyama emini eThehafine-
hesi lapho ngiphula imigoqo
yejoka laseGibhithe khona.[i]
Amandla alo eliziqhenya nga-
wo ayophela,[j] limbozwe amafu,
amadolobhana alo ayothunjwa.[k]
19 Ngiyokhipha isahlulelo nge-
Gibhithe, bayokwazi ukuthi ngi-
nguJehova.’”

20 Ngonyaka ka-11, nge-
nyanga yokuqala, ngosuku

ISAHL. 30
a Hez 32:7
b Hu 110:6
c Hez 32:11, 12
d Zef 2:12
e Nah 3:8, 9
f Hez 30:18
g Jer 44:1
h Hez 29:10
i Jer 46:19 Hez 29:12 Hez 32:18
j Hez 29:19 Hez 32:11

Uhla 2
a Hab 1:6
b Hez 29:5
c Hez 29:3
d Hez 31:12
e Jer 43:12 Jer 46:14
f Jer 46:5
g Gen 10:13, 14 Jer 44:1
h Jer 46:25
i Hez 30:8
j Jer 46:20 Hez 31:18
k Jer 46:19

30:5 *Noma, “bonke abavela kwezinye izizwe.” #Kungenzeka kubhekiselwa kuma-Israyeli ayesizana nabaseGibhithe. 30:10 *NgesiHebheru, “sikaNebukhadirezari,” enye indlela yokulibhala.

30:13 *Lena yinkulumo yesiHebheru okungenzeka ihlobene negama elisho “ubulongwe,” isetshenziswa njengenkulumo yokwedelela. #Noma, “baseMemfisi.” 30:14 *Okuwukuthi, iThebesi. 30:16 *Noma, “neMemfisi.” 30:17 *Okuwukuthi, zaseHeliyopholisi.

lwesikhombisa lwenyanga, izwi
likaJehova lafika kimi, lithi:
**21** “Ndodana yomuntu, ngiyi-
phulile ingalo kaFaro inkosi ya-
seGibhithe; ngeke iboshwe uku-
ze yelapheke noma ibhandishwe
ukuze ibe namandla okubamba
inkemba.”

**22** “Ngakho yilokhu iNkosi
EnguMbusi uJehova ekushoyo:
‘Bheka ngimelene noFaro inkosi
yaseGibhithe,[a] ngiyoziphula izi-
ngalo zakhe,[b] enamandla kanye
nephukile, ngiyokwenza ukuba
inkemba iwe esandleni sakhe.[c]
**23** Ngiyobe sengihlakazela aba-
seGibhithe ezizweni, ngibahla-
kazele emazweni.[d] **24** Ngiyozi-
qinisa izingalo* zenkosi yase-
Bhabhiloni[e] ngibeke inkemba
yami esandleni sayo,[f] ngizi-
phule izingalo zikaFaro, uyobu-
bula kakhulu njengomuntu ofa-
yo phambi kwayo.# **25** Ngiyo-
ziqinisa izingalo zenkosi yase-
Bhabhiloni, kodwa izingalo zika-
Faro ziyokuwa; bayokwazi uku-
thi nginguJehova lapho ngibe-
ka inkemba yami esandleni
senkosi yaseBhabhiloni futhi
iyelulela ezweni laseGibhithe.[g]
**26** AbaseGibhithe ngiyobahla-
kazela ezizweni, ngibahlakaze-
le emazweni,[h] bayokwazi ukuthi
nginguJehova.’ ”

**31** Ngonyaka ka-11, ngenya-
nga yesithathu, ngosuku
lokuqala lwenyanga, izwi lika-
Jehova laphinde lafika kimi, li-
thi: **2** “Ndodana yomuntu, yi-
thi kuFaro inkosi yaseGibhithe
nasesixukwini sakhe,[i]

‘Ubani ongaqhathaniswa
nawe ngobukhulu?
**3** Kwakukhona umAsiriya,
isihlahla somsedari eLe-
bhanoni,
Esinamagatsha amahle nje-
ngamahlamvu aminyene
anikeza umthunzi, sinesi-
qu esiphakeme;
Ingaphezulu laso laliphaka-
thi kwamafu.
**4** Amanzi asenza sakhula,
imithombo yamanzi ejuli-
le yasenza sakhula saba
side.
Imifudlana yayizungeze yo-
nke indawo esasitshalwe
kuyo;
Imisele yamanzi yayinisela
zonke izihlahla zasendle.
**5** Yingakho sakhula saba side
kunazo zonke ezinye izi-
hlahla zasendle.
Amagatsha aso anda, ama-
gatsha aso aba made
Ngenxa yamanzi amaningi
asemifudlaneni yaso.
**6** Zonke izinyoni ezisesibha-
kabhakeni zakha izidleke
zazo emagatsheni aso,
Zonke izilwane zasendle za-
zizalela ngaphansi kwa-
magatsha aso,
Zonke izizwe ezinabantu
abaningi zazihlala nga-
phansi komthunzi waso.
**7** Saba sihle kakhulu nama-
gatsha aso aba made nge-
ndlela ebabazekayo
Ngoba izimpande zaso za-
ngena zajula emanzini
amaningi.
**8** Ayikho eminye imisedari
ensimini kaNkulunkulu[a]
eyayingaqhathaniswa
naso.
Azikho izihlahla zemijuni-
pha ezazinamagatsha afa-
na nawaso,
Azikho nezihlahla zompe-
latani ezazingafana nama-
gatsha aso.
Asikho esinye isihlahla
ensimini kaNkulunkulu
esasifana naso ngobuhle.

**30:24** *Noma, “Ngizokwandisa amandla.” #Okuwukuthi, phambi kwenkosi yaseBhabhiloni.

ISAHL. 30
a Jer 46:25; Hez 29:3
b 2Kh 24:7; Jer 46:2
c Jer 46:21
d Hez 29:12
e Jer 27:6
f Hez 32:11, 12
g Hez 29:19, 20
h Hez 29:12

ISAHL. 31
i Jer 46:2; Hez 29:2

Uhla 2
a Gen 2:8; Hez 28:12, 13

9 Ngasenza saba sihle, saba
namahlamvu amaningi,
Zonke ezinye izihlahla
zase-Edene, insimu ka-
Nkulunkulu weqiniso, za-
zinomona ngaso.'

10 "Ngakho yilokhu iNko-
si EnguMbusi uJehova ekusho-
yo: 'Ngenxa yokuthi saba* side
kakhulu, ingaphezulu laso lafi-
ka phakathi kwamafu, nenhli-
ziyo yaso yazidla ngenxa yo-
kuphakama kwaso, 11 ngizo-
sinikela kumbusi wezizwe ona-
mandla.[a] Nakanjani uzomelana
naso, mina ngisilahle ngenxa
yobubi baso. 12 Izifiki, aba-
ntu abanonya ukubedlula bo-
nke ezizweni, ziyosigawula, zi-
sishiye ezintabeni, amahlamvu
aso ayowela kuzo zonke izi-
godi, amagatsha aso ayophuka
angene kuyo yonke imifudlana
yezwe.[b] Zonke izizwe zomhla-
ba ziyosuka emthunzini waso
zisishiye. 13 Zonke izinyoni
ezisesibhakabhakeni ziyohlala
phezu kwesiqu saso esiwile,
zonke izilwane zasendle zihlale
emagatsheni aso.[c] 14 Injongo
yalokhu ukuba kungabi bikho
sihlahla esiseduze kwamanzi
okufanele sibe side kangaka
noma ingaphezulu laso lipha-
kame libe phakathi kwamafu,
nokuba kungabi bikho sihlahla
esiniselwa kahle esingafinyele-
la kuwo. Ngoba zonke ziyoni-
kelwa ekufeni, ezweni elipha-
nsi, kanye namadodana abantu
ehlela phansi egodini.'#

15 "Yilokhu iNkosi Engu-
Mbusi uJehova ekushoyo:
'Ngosuku esiyokwehlela ngalo
eThuneni,* ngiyobangela uku-
ba kube nokulila. Ngakho ngi-
yomboza amanzi amaningi,
nginqande imifudlana yawo
ukuze amanzi amaningi anqa-
ndeke. Ngenxa yaso ngiyo-
kwenza iLebhanoni libe mnya-
ma, nezihlahla zasendle ziyo-
buna. 16 Ngiyobangela uku-
ba kuthuthumele izizwe nge-
nxa yomsindo wokuwa kwa-
so lapho ngisehlisela eThune-
ni* kanye nabo bonke abehlela
phansi egodini,# zonke izihla-
hla zase-Edene,[a] ezekhethelo
nezinhle kunazo zonke zaseLe-
bhanoni, zonke eziniselwa ka-
hle, ziyoduduzeka ezweni eli-
phansi. 17 Zehlele eThuneni*
kanye naye,# kulabo ababule-
we ngenkemba,[b] kanye nala-
bo abamsekelayo abahlala em-
thunzini wakhe phakathi kwe-
zizwe.'[c]

18 "'Yisiphi ezihlahleni zase-
Edene esasifana nawe ngenka-
zimulo nangobukhulu?[d] Kodwa
ngokuqinisekile uzokwehliselwa
ezweni eliphansi kanye nezihla-
hla zase-Edene. Uzolala phansi
phakathi kwabangasokile kanye
nababulewe ngenkemba. Lokhu
kuyokwenzeka kuFaro naso so-
nke isixuku sakhe,' kusho iNko-
si EnguMbusi uJehova."

**32** Ngonyaka ka-12, ngenya-
nga ka-12, ngosuku loku-
qala lwenyanga, izwi likaJeho-
va laphinde lafika kimi, lathi:
2 "Ndodana yomuntu, cula
ingoma yokulila ngoFaro inkosi
yaseGibhithe, uthi kuye,

'Wawunjengewundlu lebhu-
besi elinamandla* lezi-
zwe,
Kodwa uye wathuliswa.
Wawunjengesilwane esi-
khulu sasolwandle,[e]
utshuza emifuleni yakho,

**ISAHL. 31**
a Hez 30:10, 11; Hab 1:6
b Hez 32:5, 6
c Hez 29:5; Hez 32:4

**Uhla 2**
a Hez 31:9
b Hez 32:18, 20
c Hez 30:6; Hez 32:31
d Hez 31:9; Hez 32:19

**ISAHL. 32**
e Isay 51:9, 10; Hez 29:3

**31:10** *NgesiHebheru, "waba." **31:14, 16** #Noma, "ethuneni." **31:15-17** *Noma, "eShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**31:17** #Okuwukuthi, umsedari waseLebhanoni. **32:2** *Noma, "Wawunjengebhongo lengonyama elinomhlwenga."

Udunga amanzi ngezinya-
wo zakho, ungcolisa ne-
mifula.'*
3 Yilokhu iNkosi EnguMbusi
uJehova ekushoyo:
'Ngizokwelulela inethi lami
phezu kwakho ngeqembu
lezizwe ezininingi,
Liyokubamba ngenethi lami
lokudoba likukhiphe.
4 Ngizokushiya ezweni;
Ngizokulahla endle.
Ngizokwenza ukuba zonke
izinyoni ezisesibhakabha-
keni zihlale kuwe,
Izilwane zasendle emhlabe-
ni wonke ngizozisuthisa
ngenyama yakho.[a]
5 Inyama yakho ngizoyilahla
ezintabeni
Ngigcwalise izigodi ngezi-
cubu zomzimba wakho.[b]
6 Ngizomanzisa izwe ngegazi
lakho eligobhozela ezinta-
beni,
Lizogcwalisa imifudlana.'
7 'Lapho ubhuqwa ngizombo-
za amazulu ngenze izinka-
nyezi zawo zibe mnyama.
Ngizomboza ilanga nga-
mafu,
Nenyanga ngeke ikhanyise.[c]
8 Zonke izinkanyiso ezisema-
zulwini ngizozenza zibe
mnyama ngenxa yakho,
Ngizomboza izwe
lakho ngobumnyama,' ku-
sho iNkosi EnguMbusi
uJehova.
9 'Ngizozenza lusizi izinhlizi-
yo zezizwe ezininingi lapho
ngiholela izithunjwa za-
kho kwezinye izizwe,
Emazweni ongawazi.[d]
10 Ngizobangela ukuba izizwe
ezininingi zithuthumele,
Amakhosi azo azoba ne-
twetwe ngenxa yakho la-
pho ngisikaza inkemba
yami phambi kwazo.
Azolokhu ethuthumela, yi-
leyo naleyo yesabela uku-
phila kwayo,
Ngosuku lokuwa kwakho.'
11 Ngoba yilokhu iNkosi Engu-
Mbusi uJehova ekushoyo:
'Inkemba yenkosi yaseBha-
bhiloni izomelana nawe.[a]
12 Ngizokwenza izixuku zakho
ziwiswe izinkemba zama-
qhawe anamandla,
Abanonya kunabo bonke
ezizweni, bonke ngothi
lwabo.[b]
Bayoqeda ukuziqhenya
kweGibhithe, zonke izixu-
ku zalo ziyobhuqwa.[c]
13 Ngizobhubhisa yonke imfu-
yo yalo eceleni kwamanzi
alo amaningi,[d]
Akukho nyawo lomuntu
futhi akukho nselo ye-
mfuyo okuyophinde ku-
wadunge.'[e]
14 'Ngaleso sikhathi ngi-
yokwenza amanzi abo
acwebe,
Nemifula yabo igeleze nje-
ngamafutha,' kusho iNko-
si EnguMbusi uJehova.
15 'Lapho ngenza iGibhithe
libe yihlane eliyincithaka-
lo, izwe eliphucwe konke
okwakugcwele kulo,[f]
Lapho ngibulala bonke aba-
kulo,
Bayokwazi ukuthi ngingu-
Jehova.[g]
16 Lena yingoma yokulila,
nakanjani abantu bayoyi-
cula;
Amadodakazi ezizwe ayoyi-
cula.
Bayoyiculela iGibhithe
naso sonke isixuku salo,'
kusho iNkosi EnguMbusi
uJehova."
17 Kwathi ngonyaka ka-12,
ngosuku luka-15 lwenyanga,

32:2 *NgesiHebheru, "nemifula yawo."

ISAHL. 32
a Hez 29:5
b Hez 31:12
c Isay 13:1, 10
d Hez 29:12
Hez 30:26

Uhla 2
a Jer 43:10, 11
Jer 46:25, 26
Hez 30:24
b Hez 30:10, 11
Hab 1:6
c Hez 29:19
d Hez 30:12
e Hez 29:8, 11
f Hu 107:33, 34
Hez 29:12
g Hez 30:26

izwi likaJehova lafika kimi, la-
thi: **18** “Ndodana yomuntu, li-
lela izixuku zaseGibhithe ule-
hlisele ezweni eliphansi, lona
namadodakazi ezizwe ezinama-
ndla, labo abehlela phansi ego-
dini.*
**19** “‘Ubani omedlulayo ngo-
buhle? Yehla, ulale nabangaso-
kile!’
**20** “‘Bayowela phakathi kwa-
babulewe ngenkemba.[a] Linike-
lwe enkembeni; lihuduleni lisu-
ke kanye nazo zonke izixuku
zalo.
**21** “‘Amaqhawe anamandla
ayokhuluma naye kanye naba-
sizi bakhe, esekujuleni kwe-
Thuna.* Nakanjani bayokwe-
hlela phansi balale phansi nje-
ngabangasokile, bebulewe nge-
nkemba. **22** I-Asiriya lilapho
kanye nayo yonke inhlangano
yalo. Amathuna abo amzunge-
zile, bonke babulewe ngenke-
mba.[b] **23** Amathuna alo ase-
kujuleni kwegodi,* nenhlanga-
no yalo inxazonke zethuna
lalo, bonke babulewe ngenke-
mba ngenxa yokuthi babange-
la ukwesaba ezweni lababphi-
layo.
**24** “‘Kukhona i-Elamu[c] la-
pho nazo zonke izixuku zalo
nxazonke zethuna lalo, bonke
babulawe ngenkemba. Behle-
le ezweni eliphansi bengasoki-
le, labo ababangele ukwesaba
ezweni lababphilayo. Manje ba-
yothwala ihlazo labo kanye na-
labo abehlela phansi egodi-
ni.* **25** Balendlalele umbhede
phakathi kwababulewe kanye
nazo zonke izixuku zalo nxazo-
nke zamathuna alo. Bonke ba-
ngabantu abangasokile, ababu-
lewe ngenkemba, ngoba ba-
bangele ukwesaba ezweni la-
baphilayo; bayothwala ihla-
zo labo kanye nalabo abehle-
la phansi egodini.* Ubekwe
phakathi kwababulewe.
**26** “‘Yilapho kukhona kho-
na uMesheke noThubhali[a] nazo
zonke izixuku zabo. Amathu-
na abo* anxazonke zakhe. Bo-
nke bangabantu abangasokile,
babhokodwe ngenkemba ngoba
babangele ukwesaba ezweni la-
baphilayo. **27** Ngeke yini bala-
le namaqhawe anamandla anga-
sokile asefile, ehlele eThuneni*
nezikhali zawo zempi? Bazobe-
ka izinkemba zabo ngapha-
nsi kwamakhanda abo,# isijezi-
so sezono zabo sizowela ngi-
sho nasemathanjeni abo, ngo-
ba la maqhawe anamandla aba-
ngele ukwesaba ezweni laba-
philayo. **28** Kodwa wena, uyo-
chotshozwa phakathi kwaba-
ngasokile, uyolala nababulewe
ngenkemba.
**29** “‘Kukhona i-Edomi[b] la-
pho, amakhosi alo nazo zonke
izikhulu zalo, labo okwathi na-
kuba benamandla balaliswa
phakathi kwababulewe nge-
nkemba; nabo bayolala naba-
ngasokile[c] kanye nalabo abe-
hlela phansi egodini.*
**30** “‘Lapho kukhona zonke
izikhulu* zasenyakatho kanye
nabo bonke abaseSidoni,[d] abe-
hlele phansi nababulewe be-
hlazisiwe, naphezu kokwesaba
okubangelwe amandla abo. Ba-
yolala bengasokile nalabo aba-
bulewe ngenkemba, bathwale

ISAHL. 32
*a* Hez 29:8
*b* Isay 37:36; Zak 10:11
*c* Gen 10:22; Jer 49:34, 35

Uhla 2
*a* Gen 10:2; Hez 38:2
*b* Gen 25:30; Isay 34:5; Hez 25:12, 13; Amo 1:11; Obad 1; Mal 1:4
*c* Jer 9:25, 26
*d* Gen 10:15; Hez 28:21

**32:18, 24, 25, 29** *Noma, “ethuneni.” **32:21** *Noma, “kweShiyoli,” okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **32:23** *Noma, “kwethuna.”

**32:26** *NgesiHebheru, “akhe.” **32:27** *Noma, “eShiyoli,” okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. #Kungenzeka kubhekiselwa emaqhaweni angcwatshwa nezinkemba zawo kanye nezimendlela zasempini. **32:30** *Noma, “abaholi.”

ihlazo labo kanye nalabo abehlela phansi egodini.*

**31** “‘UFaro uyobabona bonke laba, aduduzwe yikho konke okwenzeke ezixukwini zakhe;[a] uFaro nalo lonke ibutho lakhe lempi bayobulawa ngenkemba,’ kusho iNkosi EnguMbusi uJehova.

**32** “‘Ngoba ubangele ukwesaba ezweni lababaphilayo, uFaro nazo zonke izixuku zakhe bayongcwatshwa nabangasokile, kanye nababulewe ngenkemba,’ kusho iNkosi EnguMbusi uJehova.”

**33** Izwi likaJehova lafika kimi, lathi: **2** “Ndodana yomuntu, khuluma namadodana abantu bakini,[b] uthi kuwo,

“‘Ake sithi ngiletha inkemba ezweni[c] bese bonke abantu bezwe bethatha umuntu bamenze umlindi wabo, **3** bese ebona inkemba iza ezweni ashaye uphondo axwayise abantu.[d] **4** Uma umuntu ezwa umsindo wophondo kodwa angasilaleli isixwayiso[e] bese inkemba ifika imbulale, igazi lakhe liyoba sekhanda lakhe.[f] **5** Uwuzwile umsindo wophondo kodwa akasilalelanga isixwayiso. Igazi lakhe liyoba phezu kwakhe. Ukube ubesilalelile isixwayiso, ubeyosinda.

**6** “‘Kodwa uma umlindi ebona inkemba iza bese engalushayi uphondo[g] nabantu bangasitholi isixwayiso, inkemba ifike ibulale* oyedwa kubo, lowo muntu uyofa ngenxa yesiphambeko sakhe, kodwa igazi lakhe ngiyolifuna kumlindi.’#[h]

**7** “Wena ndodana yomuntu, ngikwenze umlindi endlini ka-Israyeli; lapho uzwa izwi eliphuma emlonyeni wami kumele ubanikeze isixwayiso esivela kimi.[a] **8** Lapho ngithi komubi, ‘Wena muntu omubi uzofa nakanjani!’[b] kodwa wena ungakhulumi uxwayise omubi ukuba ashintshe indlela yakhe, uyofa engumuntu omubi ngenxa yesono sakhe,[c] kodwa igazi lakhe ngiyolifuna kuwe. **9** Kodwa uma umxwayisa omubi ukuba ashintshe indlela yakhe yena angayishintshi, omubi uyofa ngenxa yesono sakhe,[d] kodwa wena nakanjani uyokusindisa ukuphila kwakho.[e]

**10** “Wena ndodana yomuntu yithi endlini ka-Israyeli, ‘Nina nithe: “Ukuvukela kwethu nezono zethu kuyasisinda, kusenza sizace;[f] sizoqhubeka kanjani-ke siphila?”’[g] **11** Ubothi kubo, ‘“Ngiyafunga,” kusho iNkosi EnguMbusi uJehova, “Angijabuli ngokufa komuntu omubi,[h] kodwa ngijatshuliswa ukuba omubi ashintshe indlela yakhe,[i] aqhubeke ephila.[j] Buyani, buyani ezindleleni zenu ezimbi,[k] kungani kufanele nife nina ndlu ka-Israyeli?”’[l]

**12** “Wena ndodana yomuntu, yithi emadodaneni abantu bakini, ‘Ukulunga kolungile ngeke kumsindise lapho evukela;[m] nobubi bomuntu omubi ngeke bumkhube lapho ephenduka ebubini bakhe;[n] nomuntu olungile ngeke akwazi ukuqhubeka ephila ngenxa yokulunga kwakhe ngosuku ona ngalo.[o] **13** Lapho ngithi kolungile: “Nakanjani uzoqhubeka uphila,” kodwa yena athembele ekulungeni kwakhe enze okungalungile,*[p] asikho nesisodwa isenzo ezenzweni zakhe ezilungile esiyokhunjulwa, ko-

**ISAHL. 32**
a Hez 31:16

**ISAHL. 33**
b Hez 3:11
c Lev 26:25; Hez 6:3; Hez 21:9
d Jer 4:5; Hos 8:1
e Jer 6:17; Zak 1:4
f Hez 3:19; IzE 18:6
g Isay 56:10
h Hez 3:18

**Uhla 2**
a Isay 21:8; Jer 1:17; Hez 3:17
b Isay 3:11; Hez 18:4
c IzA 11:21
d IzA 15:10
e Hez 3:19; IzE 18:6
f Lev 26:39; Isay 64:6; Hez 24:23
g Hez 37:11
h Hez 18:23; 1Ti 2:3, 4
i Isay 31:6; Luk 15:10
j Hu 130:7, 8
k Isay 55:7; Jer 3:22; Jer 25:5; IzE 3:19
l Hez 18:31; 2Pe 3:9
m Hez 3:20; Hez 18:24
n 1Kh 8:48, 50; Hez 18:21
o Hez 18:26
p 2Pe 2:20

**32:30** *Noma, “ethuneni.” **33:6** *Noma, “ibulale umphefumulo.” #Noma, “kodwa ngiyokwenza umlindi alandise ngegazi lakhe.”

**33:13** *Noma, “okungebona ubulungisa.”

dwa uyofa ngenxa yokungalu-
ngile akwenzile.[a]
**14** "'Lapho ngithi komubi:
"Nakanjani uzofa," bese ephe-
nduka esonweni sakhe enze
ubulungisa nokulunga,[b] **15** lo
muntu omubi abuyise into eyi-
sibambiso,[c] abuyisele obeku-
thathwe ngokuphamba,[d] aha-
mbe ngemithetho eholela eku-
phileni ngokungakwenzi oku-
ngalungile, nakanjani uyoqhu-
beka ephila.[e] Ngeke afe.
**16** Asikho nesisodwa isono
ezonweni azenzile ayobalelwa
sona.*[f] Ngokwenza ubulungisa
nokulunga nakanjani uyoqhu-
beka ephila.'[g]
**17** "Kodwa abantu bakini
bathe, 'Indlela kaJehova ayi-
nabo ubulungisa,' kuyila-
pho empeleni kuyindlela yabo
engenabo ubulungisa.
**18** "Lapho olungile eshiya
ukulunga kwakhe enze oku-
bi, kumele afe ngenxa yako.[h]
**19** Kodwa lapho omubi ephe-
nduka ebubini bakhe enze ubu-
lungisa nokulunga, uyoqhube-
ka ephila ngenxa yokwenza ka-
njalo.[i]
**20** "Kodwa nina nithe,
'Indlela kaJehova ayinabo ubu-
lungisa.'[j] Ngiyokwahlulela nga-
munye wenu ngokuvumelana
nezindlela zakhe, nina ndlu ka-
Israyeli."
**21** Ekugcineni ngonyaka ka-
12, ngenyanga yeshumi, ngosu-
ku lwesihlanu lwenyanga yoku-
dingiswa kwethu, kwafika kimi
umuntu owayephunyuke eJeru-
salema[k] wathi: "Idolobha lidilizi-
we!"[l]
**22** Ngobusuku bangapha-
mbi kokuba kufike lo muntu
owayephunyukile, isandla sika-
Jehova sasibe phezu kwami,
wayevule umlomo wami nga-
phambi kokufika kwalowo mu-
ntu ekuseni. Ngakho umlomo
wami wavulwa, ngakwazi uku-
phinde ngikhulume.[a]
**23** Ngemva kwalokho izwi li-
kaJehova lafika kimi, lathi:
**24** "Ndodana yomuntu, aba-
ntu bakulezi zindawo ezibhuqi-
we[b] bathi ngezwe lakwa-Israye-
li, 'U-Abrahama wayeyedwa ku-
phela kodwa walithatha leli
zwe.[c] Thina sibaningi, nakanja-
ni izwe linikwe thina ukuba
libe ngelethu.'
**25** "Ngakho yithi kubo, 'Yi-
lokhu iNkosi EnguMbusi uJe-
hova ekushoyo: "Nidla uku-
dla okunegazi,[d] amehlo enu
niwaphakamisela ezithixweni
zenu ezinyanyisayo* futhi ni-
yaqhubeka nichitha igazi.[e] Pho
kungani kufanele izwe kube
elenu? **26** Nithembele enke-
mbeni yenu,[f] nenza imikhu-
ba enengekayo, ngamunye kini
ungcolise umfazi kamakhelwa-
ne wakhe.[g] Pho kungani kufa-
nele izwe kube elenu?"'[h]
**27** "Yilokhu okufanele uku-
sho kubo, 'Yilokhu iNkosi
EnguMbusi uJehova ekushoyo:
"Ngiyafunga ngithi, labo aba-
hlala ezindaweni ezibhuqiwe
bayobulawa ngenkemba; labo
abasendle ngiyobanikela ezi-
lwaneni zasendle babe ukudla
kwazo; kuthi labo abasezinda-
weni eziqinile nasemihume-
ni babulawe isifo.[i] **28** Ngizo-
kwenza izwe libe yihlane eliyi-
ncithakalo ngokuphelele,[j] uku-
ziqhenya nokuzidla kwalo ku-
zoqedwa, nezintaba zakwa-
Israyeli ziyokwenziwa incitha-
kalo,[k] kungabi namuntu odlula-
yo. **29** Bayokwazi ukuthi ngi-
nguJehova lapho ngenza izwe

ISAHL. 33
a Hez 18:4
b Isay 55:7 Hez 18:21 Mik 6:8
c Eks 22:26
d Lev 6:2, 4 Hez 22:29
e Lev 18:5 Hez 18:27
f Isay 1:18
g Hez 20:11
h Heb 10:38 2Pe 2:20
i Hez 18:27
j Hez 18:25, 29
k Hez 24:25-27
l 2Kh 25:4 2Kr 36:17 Jer 39:2

Uhla 2
a Hez 3:26
b Jer 39:10 Hez 36:4
c Gen 12:7
d Gen 9:4 Lev 17:12
e Hez 22:6
f Zef 3:3
g Jer 5:8
h Dut 4:26 Jos 23:15
i Jer 42:22 Hez 5:12
j 2Kr 36:20, 21 Isay 6:11 Jer 44:2
k Hez 6:3

**33:16** *NgesiHebheru, "esiyokhunjulwa."

**33:25** *Lena yinkulumo yesiHebheru okungenzeka ihlobene negama elisho "ubulongwe," isetshenziswa njengenkulumo yokwedelela.

libe yihlane eliyincithakalo
ngokuphelele[a] ngenxa yazo zo-
nke izinto ezinengekayo abaze-
nzile.”’[b]
**30** “Wena ndodana yomuntu,
abantu bakini bakhuluma nga-
we eceleni kwezindonga nase-
minyango yezindlu.[c] Bathi ko-
munye nomunye, yilowo nalowo
kumfowabo, ‘Wozani, masila-
lele izwi elivela kuJehova.’
**31** Bazongena kuwe beyisixu-
ku ukuze bahlale phambi kwa-
kho njengabantu bami; bazowe-
zwa amazwi akho kodwa nge-
ke bawagcine.[d] Ngoba bayaku-
khohlisa ngomlomo wabo ko-
dwa inhliziyo yabo ihahela inzu-
zo yokungathembeki. **32** Bhe-
ka! Kubo ufana nengoma yo-
thando, eculwa ngezwi eli-
mtoti idlalwe ngobuciko ensi-
mbini yomculo enezintambo.
Bazowezwa amazwi akho, ko-
dwa akekho noyedwa ozowagci-
na. **33** Lapho egcwaliseka—fu-
thi azogcwaliseka nakanjani—
bayokwazi ukuthi bekukhona
umprofethi phakathi kwabo.”[e]

**34** Izwi likaJehova laphi-
nde lafika kimi, lathi:
**2** “Ndodana yomuntu, profe-
tha ngabelusi bakwa-Israyeli.
Profetha uthi kubelusi, ‘Yilo-
khu iNkosi EnguMbusi uJe-
hova ekushoyo: “Maye ku-
belusi bakwa-Israyeli,[f] abebelo-
khu bezondla bona! Akufane-
le yini abelusi bondle um-
hlambi?[g] **3** Nidla amanoni, ni-
gqoka uvolo, nihlabe nesilwa-
ne esinonile,[h] kodwa aniwondli
umhlambi.[i] **4** Ezibuthaka ani-
ziqinisanga, ezigulayo anizela-
phanga, ezilimele anizibopha-
nga, ezidukile anizibuyisanga,
ezilahlekile anizifunanga;[j] ku-
nalokho niziphathe ngonya na-
ngokhahlo.[k] **5** Ngakho zahla-
kazeka ngoba kwakungekho
malusi;[l] zahlakazeka zaba uku-
dla kwazo zonke izilwane za-
sendle. **6** Izimvu zami zazidu-
kela kuzo zonke izintaba naku-
wo wonke amagquma aphake-
me; izimvu zami zazihlakaze-
kele kuwo wonke umhlaba, ku-
ngekho muntu ozifunayo noma
ozama ukuzithola.
**7** “‘“Ngakho nina belusi, yi-
zwani izwi likaJehova: **8** ‘“Ngi-
yafunga,” kusho iNkosi Engu-
Mbusi uJehova, “ngenxa yo-
kuthi izimvu zami seziphendu-
ke izinyamazane, ukudla kwa-
zo zonke izilwane zasendle, ngo-
ba kwakungekho malusi, nabe-
lusi bami abazifunanga izimvu
zami; kunalokho, babelokhu be-
zondla bona, bengazondli izi-
mvu zami,”’ **9** ngakho-ke, nina
belusi yizwani izwi likaJehova.
**10** Yilokhu iNkosi EnguMbusi
uJehova ekushoyo: ‘Ngimelene
nabelusi, ngizobenza balandi-
se ngezimvu zami,* ngibayeki-
se ukondla# izimvu zami[a] futhi
abelusi ngeke besazondla bona.
Izimvu zami ngizozisindisa, nge-
ke zisaba ukudla kwabo.’”
**11** “‘Ngoba yilokhu iNko-
si EnguMbusi uJehova eku-
shoyo: “Ngikhona mina, ngi-
zozifunela mathupha izimvu
zami ngizinakekele.[b] **12** Izi-
mvu zami ngizozinakekela nje-
ngomalusi othole izimvu zakhe
ebezihlakazekile futhi ozondla-
yo.[c] Ngizozisindisa kuzo zo-
nke izindawo ebezihlakazeke-
le kuzo ngosuku lwamafu no-
bumnyama.[d] **13** Ngizozikhi-
pha ezizweni ngiziqoqele nda-
wonye zivela emazweni ngizi-
lethe ezweni lazo zidle ezi-
ntabeni zakwa-Israyeli,[e] ngase-
mifudlaneni nangakuzo zo-
nke izindawo zokuhlala zezwe.
**14** Ngizozibeka edlelweni eli-
hle zidle, izwe ezidla kulo li-
yoba sezintabeni zakwa-Israye-

**34:10** *Noma, “izimvu zami ngizozifuna esandleni sabo.” #Noma, “ukunakekela.”

ISAHL. 33
a Jer 9:11; Jer 25:11
b 2Kh 17:9; 2Kr 36:14
c Jer 18:18
d Isay 29:13; Jer 44:16, 17
e Hez 2:5

ISAHL. 34
f Jer 23:1; Mik 3:1, 11; Zef 3:3; Zak 11:17; Mat 23:13
g Isay 40:11; Joh 21:15
h 2Kh 21:16; Jer 22:17; Mik 3:3; Zak 11:4, 5
i Isay 56:11
j Luk 15:4
k Jer 22:13
l Jer 23:2; Jer 50:6; Mat 9:36

Uhla 2
a Jer 52:24-27
b 1Sa 17:34, 35; Hu 80:1; Isay 56:8
c Isay 40:11
d Jow 2:1, 2; Zef 1:14, 15
e Jer 23:3; Hez 11:17; Amo 9:14; Mik 7:14

li eziphakeme.[a] Ziyolala lapho ezweni elinamadlelo amahle,[b] ziyodla emadlelweni ekhethelo ezintabeni zakwa-Israyeli.”

**15** “‘“Ngiyozondla mina mathupha izimvu zami,[c] ngiyozilalisa phansi,”[d] kusho iNkosi EnguMbusi uJehova. **16** “Elahlekile ngiyoyifuna,[e] edukile ngiyoyibuyisa, elimele ngiyoyibopha, ebuthakathaka ngiyoyiqinisa; kodwa ekhuluphele nenamandla ngiyoyibhubhisa. Leyo ngiyoyondla ngesahlulelo.”

**17** “‘Kodwa nina zimvu zami, yilokhu iNkosi EnguMbusi uJehova ekushoyo: “Sengizokwahlulela phakathi kwemvu nemvu, phakathi kwezinqama nezimpongo.[f] **18** Akwanele yini ukuthi nidlela emadlelweni amahle kakhulu? Ingabe kumele nidovoze* namanye amadlelo ngezinyawo zenu? Ngemva kokuphuza amanzi acwebile, ingabe kumele niwadunge ngokufaka izinyawo zenu? **19** Ingabe izimvu zami sekufanele zidle emadlelweni eniwadovoze ngezinyawo zenu ziphuze namanzi eniwadunge ngezinyawo zenu?”

**20** “‘Ngakho yilokhu iNkosi EnguMbusi uJehova ekushoyo kubo: “Ngikhona mina, mina mathupha ngiyokwahlulela phakathi kwemvu ekhuluphele nemvu ezacile, **21** ngenxa yokuthi benilokhu nizisunduza ngohlangothi nangehlombe, nangezimpondo zenu benilokhu nidudula zonke ezigulayo kwaze kwaba yilapho nizihlakazela kude zonke. **22** Ngiyozisindisa izimvu zami, ngeke zisaba yizinyamazane;[g] ngiyokwahlulela phakathi kwemvu nemvu. **23** Ngiyomisa umalusi oyedwa phezu kwazo,[h] inceku yami uDavide,[i] futhi uyozondla. Yena uyoziklabisa abe umalusi wazo.[a] **24** Mina Jehova ngiyoba uNkulunkulu wazo,[b] inceku yami uDavide ibe isikhulu phakathi kwazo.[c] Mina Jehova ngikhulumile.

**25** “‘“Ngiyokwenza nazo isivumelwano sokuthula,[d] ngiqede izilwane zasendle eziyingozi ezweni,[e] ukuze zihlale ngokuphepha ehlane, zilale emahlathini.[f] **26** Ngiyokwenza zona nendawo ezungeze igquma lami kube isibusiso,[g] ngibangele ukuba imvula ine ngesikhathi esifanele. Izibusiso ziyokwehla njengemvula.[h] **27** Izihlahla zensimu ziyothela izithelo zazo, nomhlabathi ukhiphe isivuno sawo,[i] ziyohlala ezweni ngokuphepha. Ziyokwazi ukuthi nginguJehova lapho ngiphula imigoqo yejoka lazo[j] futhi ngizisindisa kulabo ababezigqilaza. **28** Ngeke zisaba yinto ezingelwa yizizwe, izilwane zasendle zasemhlabeni ngeke zizishwabadele, ziyohlala ngokulondeka, kungekho muntu ozenza zesabe.[k]

**29** “‘“Ngiyozimisela isitshalo sodumo,* ngeke zisabulawa indlala ezweni,[l] ngeke zisalulazwa yizizwe.[m] **30** ‘Ziyokwazi ukuthi mina, Jehova uNkulunkulu wazo, nginazo nokuthi zona, indlu ka-Israyeli, zingabantu bami,’[n] kusho iNkosi EnguMbusi uJehova.”’

**31** “‘Nina zimvu zami,[o] izimvu engizinakekelayo, ningabantu, mina nginguNkulunkulu wenu,’ kusho iNkosi EnguMbusi uJehova.”

**35** Izwi likaJehova laphinde lafika kimi, lathi: **2** “Ndodana yomuntu, bhekisa ubuso bakho ezintabeni zaseSeyiri[p] uprofethe

34:18 *Ukunyathela ngamandla.

34:29 *NgesiHebheru, “ukuze zibe negama.”

ISAHL. 34
a Isay 25:6; Isay 30:23; Jer 31:12
b Jer 33:12
c Jer 3:15
d Zef 3:13
e Mik 4:6; Mat 15:24; Luk 15:4
f Zak 10:3
g Isay 40:11; Jer 23:3
h Joh 10:11; Heb 13:20; 1Pe 5:4; IsA 7:17
i Isay 11:1; Jer 30:9

Uhla 2
a Hez 37:24; Hos 3:5
b Eks 29:45; Jer 31:1
c Hu 2:6; Isay 9:6; Jer 23:5; Mik 5:2; Luk 1:32; IzE 5:31
d Hez 37:26
e Lev 26:6; Isay 11:6-9; Isay 35:9; Isay 65:25; Hos 2:18
f Jer 23:6; Jer 33:16
g Isay 56:7; Hez 20:40; Mik 4:1
h Gen 12:2, 3; Dut 28:12; Zak 8:13
i Lev 26:4; Hu 85:12; Isay 35:2; Hez 36:30
j Lev 26:13
k Jer 30:10; Jer 46:27
l Hez 36:29
m Hez 36:15
n Hez 37:27
o Hu 78:52; Hu 100:3; Isay 40:11

ISAHL. 35
p Gen 32:3; Dut 2:5

ngokumelene nazo.[a] **3** Uthi kuzo, ‘Yilokhu iNkosi EnguMbusi uJehova ekushoyo: “Ngimelene nawe zintaba zaseSeyiri, ngizokwelula isandla sami simelane nawe ngikwenze ihlane eliyincithakalo.[b] **4** Amadolobha akho ngizowenza incithakalo, uzophenduka ihlane eliyincithakalo;[c] uzokwazi ukuthi nginguJehova. **5** Lokhu kungenxa yokuthi wabonisa inzondo engapheli,[d] wanikela ngama-Israyeli ekufeni ngesikhathi senhlekelele yawo, ngesikhathi sokujeziswa kwawo kokugcina.” ’[e]

**6** “ ‘Ngakho ngiyafunga,’ kusho iNkosi EnguMbusi uJehova, ‘Ngikubekele ukufa futhi ngeke uphunyuke kukho.[f] Njengoba wawubanqumela ukufa labo owawubazonda, nakanjani ukufa kuyokufica.[g] **7** Ngizokwenza izintaba zaseSeyiri zibe ihlane eliyincithakalo,[h] ngizoqeda kuzo noma ubani odabulayo nobuyayo. **8** Ezintabeni zalo ngiyokwenza kugcwale ababulewe; ababulewe ngenkemba bayowela emagqumeni akho, ezigodini zakho nakuyo yonke imifudlana yakho. **9** Ngizokwenza ube incithakalo unomphela, amadolobha akho ngeke ahlale muntu;[i] uyokwazi ukuthi nginguJehova.’

**10** “Ngenxa yokuthi uthe, ‘Lezi zizwe ezimbili nala mazwe amabili kuzoba okwami, ngizokuthatha kokubili,’[j] nakuba uJehova ayelapho, **11** ‘ngakho ngiyafunga,’ kusho iNkosi EnguMbusi uJehova, ‘ngizosebenzelana nawe ngokwentukuthelo nomhawu owawubonisa ngesikhathi usebenzelana nabo ngenzondo;[k] ngizozenza ngaziwe phakathi kwabo lapho ngikwahlulela. **12** Uzokwazi ukuthi mina Jehova, ngiwazwile wonke amazwi okwedelela owawasho ngezintaba zakwa-Israyeli lapho uthi, “Zenziwe incithakalo, zinikelwe kithi ukuze sizishwabadele.”* **13** Wawuqhosha ukhuluma kabi ngami, wangithuka ngezinhlamba eziningi.[a] Ngakuzwa konke.’

**14** “Yilokhu iNkosi EnguMbusi uJehova ekushoyo: ‘Wonke umhlaba uzojabula lapho ngikwenza ihlane eliyincithakalo. **15** Njengoba wajabula lapho lenziwa incithakalo ifa lendlu ka-Israyeli, ngizosebenzelana nawe ngendlela efanayo.[b] Uzoba ihlane eliyincithakalo, zintaba zaseSeyiri, yebo, lonke elakwa-Edomi;[c] bayokwazi ukuthi nginguJehova.’ ”

**36** “Wena ndodana yomuntu, profetha ngezintaba zakwa-Israyeli uthi, ‘O zintaba zakwa-Israyeli, yizwani izwi likaJehova. **2** Yilokhu iNkosi EnguMbusi uJehova ekushoyo: “Isitha sithe ngokumelene nani, ‘Nazo-ke! Ngisho nezindawo eziphakeme zakudala sezingezethu!’ ” ’[d]

**3** “Ngakho profetha uthi, ‘Yilokhu iNkosi EnguMbusi uJehova ekushoyo: “Ngenxa yokuthi bakwenze incithakalo, bakuhlasela nxazonke ukuze ube impahla yabasinde* kwezinye izizwe futhi abantu bayaqhubeka bekhuluma ngawe bekunyundela,[e] **4** ngakho zintaba zakwa-Israyeli, yizwani izwi leNkosi EnguMbusi uJehova! Yilokhu iNkosi EnguMbusi uJehova ekushoyo ezintabeni nasemagqumeni, emifudlaneni nasezigodini, nasemanxiweni ayebhuqiwe[f] nasema-

**ISAHL. 35**
a Jer 49:8; IsiL 4:22; Hez 25:8, 9; Obad 1
b Hez 25:12, 13
c Jow 3:19; Mal 1:3
d Gen 27:41; Amo 1:11
e Hu 137:7; Obad 10
f Obad 15
g Hez 25:14
h Hez 25:13
i Jer 49:17, 18; Hez 25:13; Mal 1:4
j Hez 36:5; Obad 13
k Amo 1:11

**Uhla 2**
a Obad 3
b IsiL 4:21; Obad 12, 15
c Isay 34:5; Hez 25:12, 13; Hez 36:5

**ISAHL. 36**
d Jer 49:1; Hez 35:10
e Dut 28:37; 1Kh 9:7; IsiL 2:15; Dan 9:16
f Jer 25:9

**35:12** *NgesiHebheru, “zibe ukudla.”
**36:3** *NgesiHebheru, “yabasele.”

dolobheni ayeshiywe dengwane ayephangwe futhi ahlekwa usulu abasindile bezizwe ezibazungezile;[a] **5** kulaba iNkosi EnguMbusi uJehova ithi: ‘Ngolaka lwami oluvuthayo[b] ngizokhuluma ngimelane nabasindile bezizwe nangokumelene nalo lonke i-Edomi, labo okuthe ngenjabulo enkulu nokukloloda okukhulu[c] bathatha izwe lami laba elabo, ukuze bathathe amadlelo alo baliphange.’”’[d]

**6** “Ngakho profetha ngezwe lakwa-Israyeli, uthi ezintabeni nasemagqumeni, emifudlaneni nasezigodini, ‘Yilokhu iNkosi EnguMbusi uJehova ekushoyo: “Bheka! Ngizokhuluma ngentshiseko yami nangolaka lwami, ngenxa yokuthi izizwe zinilulazile.”’[e]

**7** “Ngakho yilokhu iNkosi EnguMbusi uJehova ekushoyo: ‘Mina ngokwami ngiphakamisa isandla ngiyafunga ukuthi izizwe ezinizungezile ziyothwala elazo ihlazo.[f] **8** Kodwa nina zintaba zakwa-Israyeli, niyoveza amagatsha nithelele abantu bami u-Israyeli izithelo zenu[g] ngoba bazobuya ngokushesha. **9** Ngoba nginani, ngizoninaka, niyolinywa kuhlwanyelwe imbewu kini. **10** Ngiyokwandisa abantu benu—yonke indlu ka-Israyeli, yonke—amadolobha kuyohlalwa kuwo,[h] namanxiwa akhiwe kabusha.[i] **11** Ngiyokwandisa abantu benu nemfuyo yenu;[j] kuyokwanda kuzale. Ngiyokwenza ukuba kuhlale abantu endaweni yenu njengasekuqaleni,[k] ngiyonenza nichume kakhulu kunakuqala;[l] niyokwazi ukuthi nginguJehova.[m] **12** Ngiyobangela ukuba abantu—abantu bami u-Israyeli—bahambe phezu kwenu, bayonithatha nibe ababo.[n] Niyoba ifa labo, ngeke niphinde nibenze bangabi nabantwana.’”[a]

**13** “Yilokhu iNkosi EnguMbusi uJehova ekushoyo: ‘Ngenxa yokuthi bathi kini: “Niyizwe elishwabadela abantu nelibulala abantwana bezizwe zalo,”’ **14** ‘ngakho ngeke nisabashwabadela abantu noma nenze izizwe zenu zingabi nabantwana,’ kusho iNkosi EnguMbusi uJehova. **15** ‘Ngeke ngisabangela ukuba izizwe zinithuke noma abantu banidelele,[b] nani ngeke nisazikhubekisa izizwe zenu,’ kusho iNkosi EnguMbusi uJehova.”

**16** Izwi likaJehova laphinde lafika kimi, lathi: **17** “Ndodana yomuntu, ngesikhathi indlu ka-Israyeli ihlala ezweni layo, yalingcolisa ngezindlela zayo nangezenzo zayo.[c] Izindlela zayo zazifana nokungcola kokuya esikhathini.[d] **18** Ngakho ngathululela ulaka lwami kuyo ngenxa yegazi eyayilichithile ezweni[e] nangenxa yokuthi yayingcolise izwe ngezithixo zayo ezinyanyisayo.*[f] **19** Ngakho ngayihlakazela phakathi kwezizwe, ngayihlakazela emazweni.[g] Ngayahlulela ngokuvumelana nezindlela zayo nezenzo zayo. **20** Kodwa lapho ifika kulezo zizwe, abantu bangcolisa igama lami elingcwele[h] ngokuthi bathi ngayo, ‘Laba abantu bakaJehova, kodwa kwadingeka balishiye izwe lakhe.’ **21** Ngakho ngiyoba nobubele ngegama lami elingcwele, indlu ka-Israyeli elingcolisile phakathi kwezizwe eye kuzo.”[i]

**22** “Ngakho yithi endlini ka-Israyeli, ‘Yilokhu iNkosi EnguMbusi uJehova ekushoyo:

36:18 *Lena yinkulumo yesiHebheru okungenzeka ihlobene negama elisho “ubulongwe,” isetshenziswa njengenkulumo yokwedelela.

ISAHL. 36
a Hu 79:4; Hez 34:28
b Zef 3:8
c Obad 12
d Hez 25:12, 13; Hez 35:10, 11; Amo 1:11
e Hu 74:10; Hu 123:4
f Jer 25:9; Jer 49:17
g Isay 44:23; Isay 51:3; Hez 36:30
h Zak 8:4
i Isay 51:3; Jer 30:18, 19; Amo 9:14
j Jer 31:27
k Isay 54:7; Jer 30:18
l Hag 2:9
m Hos 2:20; Jow 3:17
n Jer 32:44; Obad 17

Uhla 2
a Isay 65:23
b Isay 54:4; Isay 60:14; Mik 7:8; Zef 2:8; Zef 3:19
c Hu 106:38; Isay 24:5; Jer 2:7; Jer 16:18
d Lev 12:2; Isay 64:6
e Isay 42:24, 25
f Hez 23:37
g Lev 26:38; Hez 22:15
h Isay 52:5; Rom 2:24
i Hu 74:18; Isay 48:9; Hez 20:9

"Isinyathelo angisithathi ngenxa yenu, nina ndlu ka-Israyeli, kodwa ngisithatha ngenxa yegama lami elingcwele enilingcolisile phakathi kwezizwe eniye kuzo."'[a] **23** 'Nakanjani ngizolingcwelisa igama lami elikhulu,[b] elangcoliswa phakathi kwezizwe, enalingcolisa phakathi kwazo; izizwe ziyokwazi ukuthi nginguJehova,'[c] kusho iNkosi EnguMbusi uJehova, 'lapho ngingcweliswa phakathi kwenu phambi kwazo. **24** Ngiyonithatha ezizweni nginiqoqe nginikhiphe kuwo wonke amazwe nginingenise ezweni lenu.[d] **25** Ngiyonifafaza ngamanzi ahlanzekile nihlanzeke;[e] ngiyonihlanza kukho konke ukungcola kwenu[f] nakuzo zonke izithixo zenu ezinyanyisayo.[g] **26** Ngiyoninika inhliziyo entsha,[h] ngifake umoya omusha[i] ngaphakathi kini. Ngiyosusa inhliziyo yetshe[j] emzimbeni wenu ngininike inhliziyo yenyama.* **27** Ngiyofaka umoya wami ngaphakathi kini, nginenze nihambe ngeziqondiso zami,[k] niyokwenza ngokuvumelana nezinqumo zami zokwahlulela futhi nizigcine. **28** Ngemva kwalokho niyohlala ezweni engalinika okhokho benu, niyoba abantu bami mina ngibe uNkulunkulu wenu.'[l]

**29** "'Ngiyonisindisa kukho konke ukungcola kwenu ngiyale ukudla okusanhlamvu ukuba kuthele izithelo eziningi, ngeke nginilethele indlala.[m] **30** Ngiyokwenza ukuba izithelo ezimila ezihlahleni nomkhiqizo wensimu kube kuningi, ukuze ningaphinde nibhekane nesihlamba sokubulawa indlala phakathi kwezizwe.[n] **31** Niyozikhumbula izindlela zenu ezimbi nezenzo zenu ezazingezinhle, nizenyanye ngenxa yezono zenu nangenxa yemikhuba yenu enengekayo.[a] **32** Kodwa nakhu okumele nikwazi: Lokhu angikwenzi ngenxa yenu,'[b] kusho iNkosi EnguMbusi uJehova. 'Kunalokho, yibani namahloni nilulazeke ngenxa yezindlela zenu, nina ndlu ka-Israyeli.'

**33** "Yilokhu iNkosi EnguMbusi uJehova ekushoyo: 'Ngosuku engiyonihlanza ngalo kuzo zonke izono zenu, ngiyokwenza ukuba abantu bahlale emadolobheni[c] nokuba amanxiwa akhiwe kabusha.[d] **34** Izwe eliyincithakalo elalibonwa yiwo wonke umuntu odlulayo liyolinywa. **35** Abantu bayothi: "Izwe elaliyincithakalo selifana nensimu yase-Edene,[e] namadolobha ayengamanxiwa, eyincithakalo futhi ediliziwe manje asenezivikelo eziqinile futhi sekuhlalwa kuwo."[f] **36** Izizwe ezisele ezinizungezile ziyokwazi ukuthi mina Jehova, ngikwakhile okwakubhidliziwe, ngikutshalile nokwakuyincithakalo. Mina Jehova ngikhulumile futhi ngikwenzile.'[g]

**37** "Yilokhu iNkosi EnguMbusi uJehova ekushoyo: 'Indlu ka-Israyeli ngizoyivumela ukuba ingicele ngiyenzele lokhu: Ngizokwandisa abantu bayo njengomhlambi. **38** Njengomhlambi wabangcwele, njengomhlambi waseJerusalema* ngezikhathi zalo zemikhosi,[h] amadolobha ayengamanxiwa ayogcwala imihlambi yabantu;[i] bayokwazi ukuthi nginguJehova.'"

**37** Isandla sikaJehova sasiphezu kwami, uJehova wangithatha ngomoya wakhe wangibeka phakathi kwe-

---

**36:26** *Okuwukuthi, elalela isiqondiso sikaNkulunkulu.

**36:38** *Noma kungaba, "Njengemihlambi yezimvu eyimihlatshelo eJerusalema."

ISAHL. 36
a Hu 106:7, 8
b Isay 5:16; Hez 20:41
c Hu 102:13-15
d Dut 30:3; Isay 43:5; Jer 23:3; Hez 34:13; Hos 1:11
e Num 19:13; Hu 51:7
f Isay 4:4; Jer 33:8
g Hez 6:4
h Jer 32:39
i Hu 51:10; Hez 11:19, 20
j Zak 7:12
k Jer 31:33
l Jer 30:22; Hez 37:25, 27
m Hez 34:29
n Hez 34:27

Uhla 2
a Ezr 9:6; Neh 9:26; Jer 31:18; Hez 6:9
b Dut 9:5; Dan 9:19
c Zak 8:8
d Isay 58:12; Jer 33:10, 11; Amo 9:14
e Gen 2:8
f Isay 51:3
g Hez 28:26; Hez 37:14
h Eks 23:17
i Jer 30:18, 19

sigodi[a] esasigcwele amathambo.
**2** Wangenza ngahamba phaka-
thi kwawo, ngabona ukuthi aye-
maningi kakhulu amathambo
ayesesigodini, ayome kakhulu.[b]
**3** Wangibuza wathi: “Ndodana
yomuntu, angaphila yini la ma-
thambo?” Ngaphendula ngathi:
“Nkosi EnguMbusi Jehova, ngu-
we owaziyo.”[c] **4** Wathi kimi:
“Profetha ngala mathambo, uthi
kuwo, ‘Nina mathambo omile,
yizwani izwi likaJehova:

**5** “‘Yilokhu iNkosi EnguMbu-
si uJehova ekushoyo kula ma-
thambo: “Ngizofaka umoya
kini niphile.[d] **6** Ngizofaka imi-
sipha nenyama kini, ngizonenza
nibe nesikhumba ngifake umo-
ya kini, niphile; nizokwazi uku-
thi nginguJehova.”’”

**7** Ngemva kwalokho ngapro-
fetha njengoba nje ngangiyali-
we. Kwathi nje lapho sengi-
profethile, kwaba khona umsi-
ndo, ubukhehlekhehle, amatha-
mbo aqala ukusondelana, itha-
mbo laya kwelinye. **8** Ngabe
sengibona imisipha nenyama
kuza kuwo, isikhumba sawa-
mboza. Kodwa wawungakabi bi-
kho umoya kuwo.

**9** Wabe esethi kimi: “Profe-
tha emoyeni. Profetha ndodana
yomuntu, uthi emoyeni,* ‘Yilo-
khu iNkosi EnguMbusi uJeho-
va ekushoyo: “Woza moya, uve-
la emimoyeni emine, uvunguze
phezu kwalaba bantu ababula-
wa, ukuze baphile.”’”

**10** Ngakho ngaprofetha nje-
ngoba nje ayengiyalile, umoya
wangena kubo, baqala ukuphi-
la bama ngezinyawo,[e] beyibu-
tho elikhulu kakhulu.

**11** Wathi kimi: “Ndodana yo-
muntu, la mathambo ayiyo yo-
nke indlu ka-Israyeli.[f] Ithi, ‘Ama-
thambo ethu omile, nethemba

---

**37:9** *Noma, “emoyeni ophefumulwayo.”

**ISAHL. 37**
*a* IsA 21:10
*b* Hez 37:11
*c* Dut 32:39; 1Sa 2:6
*d* Gen 2:7; Hez 37:14
*e* IsA 11:11
*f* Hez 36:10

**Uhla 2**
*a* Isay 49:14
*b* Isay 66:14
*c* Hez 11:17; Amo 9:14
*d* Hu 126:2
*e* Isay 32:14, 15; Hez 36:27
*f* 2Kr 15:9; 2Kr 30:11
*g* 1Kh 11:31; 1Kh 12:20
*h* Isay 11:13; Jer 3:18
*i* Jer 50:4; Zak 10:6

lethu lishabalele.[a] Sinqunywe
ngokuphelele.’ **12** Ngakho pro-
fetha uthi kuyo, ‘Yilokhu iNko-
si EnguMbusi uJehova ekusho-
yo: “Ngizovula amathuna enu,[b]
nginivuse emathuneni enu, ba-
ntu bami, nginilethe ezwe-
ni lakwa-Israyeli.[c] **13** Niyokwa-
zi ukuthi nginguJehova lapho
ngivula amathuna enu nala-
pho nginikhuphula nginikhipha
emathuneni enu bantu bami.”’[d]
**14** ‘Ngiyofaka umoya wami kini
niphile,[e] nginihlalise ezweni
lenu; niyokwazi ukuthi mina Je-
hova ngikhulumile futhi ngi-
kwenzile,’ kusho uJehova.”

**15** Izwi likaJehova laphinde
lafika kimi, lathi: **16** “Wena
ndodana yomuntu, thatha indu-
ku ubhale kuyo ukuthi, ‘Nge-
kaJuda nabantu bakwa-Israye-
li abakanye naye.’*[f] Uthathe ne-
nye induku ubhale kuyo ukuthi,
‘NgekaJosefa, induku ka-Efrayi-
mi, nayo yonke indlu ka-Israyeli
ekanye naye.’*[g] **17** Uzenze zi-
sondelane zibe induku eyo-
dwa esandleni sakho.[h] **18** La-
pho abantu* bakini bethi kuwe,
‘Ngeke yini usitshele ukuthi lezi
zinto zisho ukuthini?’ **19** ubo-
thi kubo, ‘Yilokhu iNkosi Engu-
Mbusi uJehova ekushoyo: “Ngi-
zothatha induku kaJosefa ese-
sandleni sika-Efrayimi, ngitha-
the nezizwe zakwa-Israyeli ezi-
kanye naye ngizihlanganise ne-
nduku kaJuda; ngizozenza zibe
induku eyodwa,[i] zizoba induku
eyodwa esandleni sami.”’
**20** Izinduku obhala kuzo kume-
le zibe sesandleni sakho ukuze
bazibone.

**21** “Uthi kubo, ‘Yilokhu
iNkosi EnguMbusi uJehova eku-
shoyo: “Ngizothatha ama-Israye-
li phakathi kwezizwe aye kuzo,

---

**37:16** *Noma, “abangabangani bakhe.”
**37:18** *NgesiHebheru, “amadodana abantu.”

ngiwaqoqele ndawonye ngiwala-
nde kuzo zonke izindawo ngiwa-
lethe ezweni lawo.[a] **22** Ngizo-
benza babe isizwe esisodwa
ezweni,[b] ezintabeni zakwa-Isra-
yeli, bonke bazobuswa inko-
si eyodwa,[c] ngeke besaba izizwe
ezimbili; ngeke besahlukana
babe imibuso emibili.[d] **23** Nge-
ke besazingcolisa ngezithixo
zabo ezinyanyisayo* nangemi-
khuba yabo enengekayo nanga-
zo zonke izono zabo.[e] Ngizobasi-
ndisa kukho konke ukungathe-
mbeki kwabo okwaholela eku-
theni bone, ngizobahlanza. Ba-
zoba abantu bami, mina ngibe
uNkulunkulu wabo.[f]

**24** "'"Inceku yami uDavide
iyoba inkosi yabo,[g] bonke ba-
yoba nomalusi oyedwa.[h] Bayo-
hamba ngezinqumo zami zokwa-
hlulela, bagcine imithetho yami
ngokucophelela.[i] **25** Bayohlala
ezweni engalinika inceku yami
uJakobe, lapho kwakuhlala kho-
na okhokho benu,[j] bayohlala
kulo kuze kube phakade,[k] bona
nabantwana babo nabantwa-
na babantwana babo;[l] uDavi-
de inceku yami uyoba isikhulu
sabo kuze kube phakade.[m]

**26** "'"Ngiyokwenza nabo isi-
vumelwano sokuthula;[n] siyoba
isivumelwano saphakade engi-
senze nabo. Ngiyobamisa ngi-
benze babe baningi,[o] ngibe-
ke indlu yami engcwele pha-
kathi kwabo kuze kube pha-
kade. **27** Itende lami* liyoba
nabo,# ngiyoba uNkulunkulu
wabo, bona babe abantu bami.[p]
**28** Izizwe ziyokwazi ukuthi
mina Jehova, ngiyamngcweli-
sa u-Israyeli lapho indlu yami
engcwele iba phakathi kwabo
kuze kube phakade."'"[a]

**38** Izwi likaJehova laphi-
nde lafika kimi, lathi:
**2** "Ndodana yomuntu, misa
ubuso bakho bumelane noGogi
wezwe lakwaMagogi,[b] isikhu-
lu esiyinhloko sikaMesheke no-
Thubhali,[c] uprofethe ngoku-
melene naye.[d] **3** Uthi, 'Yilo-
khu iNkosi EnguMbusi uJeho-
va ekushoyo: "Ngimelene nawe
Gogi, sikhulu esiyinhloko sika-
Mesheke noThubhali. **4** Ngi-
zokuphendula ngifake ama-
hhuku emihlathini yakho,[e] ngi-
kukhiphe kanye nalo lonke ibu-
tho lakho lempi,[f] amahhashi
nabagibeli bamahhashi, lonke
ligqoke ubukhazikhazi, ibandla
elikhulu elinamahawu amakhu-
lu namancane,* lonke liphethe
izinkemba; **5** iPheresiya, iTo-
piya nePhuthi[g] kukanye nabo,
bonke banehawu elincane nesi-
gqoko sokuzivikela; **6** iGome-
re nawo wonke amasosha alo,
indlu kaThogarma[h] evela ezi-
ngxenyeni ezikude kakhulu ze-
nyakatho kanye nawo wonke
amasosha ayo—izizwe eziningi
zikanye nawe.[i]

**7** "'"Lungani, nizilungisele-
le, wena nawo wonke amabu-
tho akho abuthene kanye nawe,
wena uzoba umkhuzi* wawo.

**8** "'"Ngemva kwezinsuku ezi-
ningi uyonakwa.* Engxenyeni
yokugcina yeminyaka uyothatha
izwe labantu ababuyiswe nge-
mva komonakalo odalwe inke-
mba, abaqoqwe bevela ezizwe-
ni eziningi baqoqelwa ezinta-
beni zakwa-Israyeli, okwase ku-
yisikhathi eside zisele dengwa-
ne. Abantu bakuleli zwe babuyi-
swa ezizweni, bonke bahlala

ISAHL. 37
a Dut 30:3; Isay 11:12; Jer 16:14, 15; Amo 9:14
b Jer 3:18; Hos 1:11
c Gen 49:10; Hu 2:6; Isay 9:6; Jer 23:5; Luk 1:32
d Hez 37:19; Zak 10:6
e Isay 2:18; Hez 11:18; Hos 14:8; Zak 13:2
f Jer 31:33; Hez 36:28
g Jer 23:5; Jer 30:9; Hos 3:5; Luk 1:32
h Joh 10:16; 1Pe 5:4
i Dut 30:8-10; Jer 32:39; Hez 36:27
j Jer 30:3
k Jow 3:20
l Isay 60:21; Amo 9:15
m Hez 34:24; Luk 1:32
n Hez 34:25
o Jer 30:19; Zak 8:5
p Lev 26:12; Hez 11:19, 20; Hez 43:7; Hos 2:23; IsA 21:3

Uhla 2
a Hez 36:23

ISAHL. 38
b Hez 38:15
c Isay 66:19; Hez 27:13; Hez 32:26
d Hez 39:1
e 2Kh 19:20, 28; Hez 29:3, 4; Hez 39:2
f Hez 38:15
g 1Kr 1:8
h Gen 10:2, 3; Hez 27:14
i Hez 39:2

**37:23** *Lena yinkulumo yesiHebheru okungenzeka ihlobene negama elisho "ubulongwe," isetshenziswa njengenkulumo yokwedelela. **37:27** *Noma, "Indawo yami yokuhlala; Ikhaya lami." #NgesiHebheru, "phezu kwabo."

**38:4** *Amahawu amancane ayevame ukuphathwa amasosha aphatha imicibisholo. **38:7** *NgesiHebheru, "unogada." **38:8** *Noma, "uyobizwa."

ngokulondeka.[a] **9** Uyobathelekela njengesivunguvungu, uyomboza izwe njengamafu, wena nawo wonke amasosha akho nezizwe eziningi kanye nawe."'

**10** "Yilokhu iNkosi EnguMbusi uJehova ekushoyo: 'Ngalolo suku kuyofika imicabango enhliziyweni yakho, uyokwakha icebo elibi. **11** Uyothi: "Ngizohlasela izwe elinezindawo ezingavikelekile.*[b] Ngizothelekela labo abahlala ngokulondeka ngaphandle kweziphazamiso, bonke labo abahleli ezindaweni ezingavikelwe yizindonga, imigoqo noma amasango." **12** Kuyoba ngenjongo yokuthatha impango eningi, ukuhlasela izindawo ezibhuqiwe manje osekuhlalwa kuzo[c] nokuhlasela isizwe esiqoqwe ezizweni,[d] esiqongelela umcebo nempahla,[e] esihlala enkabeni yomhlaba.

**13** "'ISheba[f] neDedani,[g] abathengisi baseTharishishi[h] nawo wonke amaqhawe* alo bayothi kuwe: "Ingabe uhlasela ngenjongo yokuthola impango eningi? Ingabe uqoqe amabutho akho ukuze uthathe isiliva negolide, umcebo nempahla, nempango enkulu kakhulu?"'

**14** "Ngakho profetha ndodana yomuntu, uthi kuGogi, 'Yilokhu iNkosi EnguMbusi uJehova ekushoyo: "Ngosuku abantu bami u-Israyeli abahlala ngalo ngokulondeka, ngeke yini wazi?[i] **15** Uyokuza uvela endaweni yakho, ezingxenyeni ezikude kakhulu zenyakatho,[j] wena nezizwe eziningi kanye nawe, zonke zigibele amahhashi, ibandla elikhulu, ibutho lempi elikhulu.[k] **16** Njengamafu amboza izwe, uyomelana nabantu bami u-Israyeli. Engxenyeni yokugcina yezinsuku ngiyokuletha umelane nezwe lami[a] ukuze izizwe zingazi lapho ngizingcwelisa ngawe Gogi, phambi kwazo."'[b]

**17** "Yilokhu iNkosi EnguMbusi uJehova ekushoyo: 'Akuwena yini lo engakhuluma ngaye ezinsukwini zangaphambili ngezinceku zami abaprofethi bakwa-Israyeli, abaprofetha iminyaka eminingi ukuthi uyolethwa umelane nabo?'

**18** "'Ngalolo suku, mhla uGogi ehlasela izwe lakwa-Israyeli,' kusho iNkosi EnguMbusi uJehova, 'ulaka lwami olukhulu luyovuka.[c] **19** Ngentukuthelo yami, ngomlilo wokufutheka kwami, ngiyokhuluma; ngalolo suku kuyoba khona ukuzamazama okukhulu ezweni lakwa-Israyeli. **20** Ngenxa yami izinhlanzi zasolwandle, izinyoni ezindizayo ezisesibhakabhakeni, izilwane zasendle, zonke izilwane ezinwabuzelayo ezinwabuzela phezu komhlabathi nabo bonke abantu abasemhlabeni kuyoqhaqhazela, izintaba ziyodilizwa,[d] amagquma ayodilika, zonke izindonga ziyowela emhlabathini.'

**21** "'Ngiyobiza inkemba imelane naye kuzo zonke izintaba zami,' kusho iNkosi EnguMbusi uJehova. 'Inkemba yomuntu ngamunye iyomelana nomfowabo.[e] **22** Ngiyomahlulela ngesifo esiwumshayabhuqe[f] nangokuchithwa kwegazi; ngiyonisa imvula ekhukhulayo namatshe esichotho,[g] umlilo[h] nesibabule[i] phezu kwakhe naphezu kwamasosha akhe naphezu kwezizwe eziningi ezikanye naye.[j] **23** Nakanjani ngiyozikhulisa ngizingcwelise, ngizenze ngaziwe phambi kwezizwe eziningi; ziyokwazi ukuthi nginguJehova.'

---

**38:11** *Noma, "ezivulekile, zasemaphandleni." **38:13** *Noma, "amabhongo amabhubesi anomhlwenga."

ISAHL. 38

a Jer 23:5, 6; Hez 28:25, 26; Hez 34:25
b Eks 15:9
c Jer 33:12
d Zak 10:8
e Isay 60:5; Isay 61:6
f Hez 27:22
g Hez 27:15
h Hez 27:25
i Hez 38:8
j Hez 39:2
k Zef 3:8

Uhla 2

a Jow 3:2
b Eks 14:4; 2Kh 19:17-19; Hu 83:17, 18; Hez 39:21
c Jow 3:16; Nah 1:2; Zak 2:8
d Nah 1:5
e 2Kr 20:23; Hag 2:22; Zak 14:13
f Zak 14:12
g Eks 9:22; Jos 10:11
h Isay 30:30
i Gen 19:24
j Jer 25:31

**39** “Wena ndodana yomu-
ntu, profetha umelane
noGogi,[a] uthi, ‘Yilokhu iNkosi
EnguMbusi uJehova ekushoyo:
“Ngimelene nawe Gogi, sikhu-
lu esiyinhloko sikaMesheke no-
Thubhali.[b] **2** Ngiyokuphendu-
la ngikuhole, ngikwenze uphu-
me ezingxenyeni ezikude ka-
khulu zenyakatho,[c] ngikulethe
phezu kwezintaba zakwa-Isra-
yeli. **3** Ngiyoshaya umnsalo
wakho usuke esandleni sakho
sobunxele, ngenze imicibisholo
yakho iwe esandleni sakho so-
kudla. **4** Uyowela ezintabeni
zakwa-Israyeli,[d] wena nawo
wonke amasosha akho nezizwe
eziyobe zikanye nawe. Ngiyoni-
kela ngawe ube ukudla kwazo
zonke izinhlobo zezinyoni ezi-
dla inyama nokwezilwane zase-
ndle.”’[e]

**5** “‘Uyowela endle[f] ngoba
mina ngokwami ngikhulumile,’
kusho iNkosi EnguMbusi uJe-
hova.

**6** “‘Ngiyothumela umlilo ku-
Magogi nakulabo abahlala ezi-
qhingini ngokulondeka,[g] ba-
yokwazi ukuthi ngiinguJehova.
**7** Ngiyokwenza igama lami eli-
ngcwele laziwe phakathi kwaba-
ntu bami u-Israyeli, ngeke ngi-
savuma ukuba igama lami eli-
ngcwele lingcoliswe; izizwe zi-
yokwazi ukuthi ngiinguJehova,[h]
oNgcwele kwa-Israyeli.’[i]

**8** “‘Yebo, kuyeza, kuzokwe-
nzeka,’ kusho iNkosi Engu-
Mbusi uJehova. ‘Yilolu usuku
engikhulume ngalo. **9** Aba-
khe emadolobheni akwa-Isra-
yeli bayophuma babase imililo
ngezikhali—amahawu amanca-
ne* namakhulu, iminsalo nemi-
cibisholo, izinduku# nemi-
khonto. Bayobasa ngako imi-
lilo[a] iminyaka eyisikhombisa.
**10** Ngeke kudingeke bathathe
izinkuni endle noma batheze
izinkuni emahlathini ngoba ba-
yosebenzisa izikhali lapho be-
basa imililo.’

“‘Bayothatha impango kula-
bo ababebaphangile, baphundle
labo ababebaphundlile,’ kusho
iNkosi EnguMbusi uJehova.

**11** “‘Ngalolo suku ngiyoni-
ka uGogi[b] indawo yokungcwa-
tshwa lapho kwa-Israyeli, esi-
godini salabo abahamba empu-
malanga yolwandle, futhi siyo-
vimba indlela yalabo abadlula-
yo. Bayomngcwaba lapho uGo-
gi naso sonke isixuku sakhe,
bayosibiza ngokuthi iSigodi
SaseHamoni-Gogi.*[c] **12** Indlu
ka-Israyeli iyochitha izinyanga
eziyisikhombisa ibangcwaba
ngenjongo yokuhlanza izwe.[d]
**13** Bonke abantu bezwe ba-
yobangcwaba, lokhu kuyobale-
thela udumo ngosuku engi-
yozikhazimulisa ngalo,’[e] kusho
iNkosi EnguMbusi uJehova.

**14** “‘Amadoda ayokwabelwa
ukuba adlule ezweni njalo,
angcwabe izidumbu zabasele
emhlabeni ukuze awuhlanze.
Ayoqhubeka ezifuna izinya-
nga eziyisikhombisa. **15** La-
pho labo abadabula ezweni be-
bona ithambo lomuntu, bayo-
beka uphawu eceleni kwa-
lo. Labo ababelwe ukungcwa-
ba bayolingcwaba eSigodini
SaseHamoni-Gogi.[f] **16** Kuyo-
ba khona idolobha lapho elibi-
zwa ngokuthi iHamona.* Bayo-
lihlanza izwe.’[g]

**17** “Wena ndodana yomu-
ntu, yilokhu iNkosi EnguMbu-
si uJehova ekushoyo: ‘Yithi
ezinyonini zazo zonke izinhlo-

---

**39:9** *Amahawu amancane ayevame ukuphathwa amasosha aphatha imicibisholo. #Noma kungaba, “induku enensimbi phambili.”

**39:11** *Noma, “iSigodi Sesixuku SikaGogi.” **39:16** *Incazelo: “Izixuku.”

**ISAHL. 39**
*a* Hez 38:2
*b* Hez 27:13, Hez 32:26
*c* Hez 38:4, 15
*d* Hez 38:21
*e* IsA 19:17, 18
*f* Jer 25:33
*g* Hez 38:22
*h* Hez 38:16
*i* Isay 6:3

**Uhla 2**
*a* Hu 46:9
*b* Hez 38:2
*c* Hez 39:15
*d* Dut 21:22, 23
*e* Hez 38:16
*f* Hez 39:11
*g* Hez 39:12

bo nakuzo zonke izilwane zasendle, “Qoqanani nize. Qoqanani nizungeze umhlatshelo wami enginenzela wona, umhlatshelo omkhulu phezu kwezintaba zakwa-Israyeli.[a] Nizodla inyama niphuze igazi.[b] **18** Nizodla inyama yabanamandla, niphuze igazi lezikhulu zomhlaba—izinqama, amawundlu, izimbuzi nezinkunzi—zonke izilwane ezikhuluphalisiwe zaseBhashani. **19** Nizozitika ngamanoni, niphuze igazi nize nidakwe umhlatshelo enginenzela wona.”’

**20** “‘Etafuleni lami, niyosuthiswa amahhashi nabashayeli bezinqola, abantu abanamandla nazo zonke izinhlobo zamaqhawe,’[c] kusho iNkosi EnguMbusi uJehova.

**21** “‘Ngiyobonakalisa inkazimulo yami phakathi kwezizwe, zonke izizwe ziyosibona isahlulelo engisikhiphile namandla engiwabonise kuzo.[d] **22** Kusukela ngalolo suku kuqhubeke, indlu ka-Israyeli iyokwazi ukuthi nginguJehova uNkulunkulu wayo. **23** Nezizwe ziyokwazi ukuthi indlu ka-Israyeli yaya ekudingisweni ngenxa yesiphambeko sayo, ngenxa yokuthi ayithembekanga kimi.[e] Ngakho ngayifihlela ubuso bami,[f] ngayinikela ezitheni zayo,[g] yonke yabulawa ngenkemba. **24** Ngasebenzelana nayo ngokuvumelana nokungcola kwayo neziphambeko zayo, ngayifihlela ubuso bami.’

**25** “Ngakho yilokhu iNkosi EnguMbusi uJehova ekushoyo: ‘Ngizobuyisela izithunjwa zikaJakobe,[h] ngibe nesihe kuyo yonke indlu ka-Israyeli;[i] ngizolilwela ngentshiseko igama lami elingcwele.[j] **26** Ngemva kokuba belulaziwe ngenxa yakho konke ukungathembeki kwabo kimi,[k] bayohlala ezweni labo ngokulondeka, kungekho muntu obenza besabe.[a] **27** Lapho ngibabuyisa ezizweni futhi ngibaqoqa emazweni ezitha zabo,[b] nami ngiyozingcwelisa phakathi kwabo phambi kwezizwe eziningi.’[c]

**28** “‘Bayokwazi ukuthi nginguJehova uNkulunkulu wabo lapho ngibadingisela ezizweni bese ngibaqoqa ngibabuyisele ezweni labo, ngingashiyi noyedwa wabo.[d] **29** Ngeke ngisabafihlela ubuso bami[e] ngoba ngiyothululela umoya wami phezu kwendlu ka-Israyeli,’[f] kusho iNkosi EnguMbusi uJehova.”

**40** Ngonyaka ka-25 wokudingiswa kwethu,[g] ekuqaleni konyaka, ngosuku lweshumi lwenyanga, ngonyaka ka-14 ngemva kokudilizwa kwedolobha,[h] ngalo kanye lolo suku isandla sikaJehova sasiphezu kwami, wangiyisa edolobheni.[i] **2** Ngemibono kaNkulunkulu, wangiletha ezweni lakwa-Israyeli wangihlalisa phezu kwentaba ephakeme kakhulu,[j] okwakukhona kuyo isakhiwo esinjengedolobha ngaseningizimu.

**3** Lapho engiletha lapho, ngabona indoda eyayibukeka njengethusi.[k] Yayiphethe intambo yefilakisi nomhlanga wokukala,*[l] imi esangweni. **4** Le ndoda yathi kimi: “Ndodana yomuntu, bukisisa, lalela ngokucophelela, unake konke engikutshengisa kona ngoba ulethelwe lokho lapha. Tshela indlu ka-Israyeli konke okubonayo.”[m]

**5** Ngabona udonga luzungeze ingaphandle lethempeli.* Esandleni sale ndoda kwakukhona umhlanga wokukala

**40:3** *Bheka iSithasiselo B14. **40:5** *NgesiHebheru, “lendlu.” Lihunyushwe kanje ezahlukweni 40-48 lapho elithi “indlu” libhekisela ezakhiweni zethempeli noma ethempelini uqobo lwalo.

ISAHL. 39
a Isay 34:6-8; Jer 46:10; Zef 1:7
b IsA 19:17, 18
c Hez 38:4-6; Hag 2:22; IsA 19:17, 18
d Eks 7:4; Eks 14:4; Isay 37:20; Hez 38:16; Mal 1:11
e 2Kr 7:21, 22
f Dut 31:18; Isay 59:2
g Lev 26:24, 25; Dut 32:30; Hu 106:40, 41
h Jer 30:3; Hez 34:13
i Hos 1:11; Zak 1:16
j Hez 36:21
k Dan 9:16

Uhla 2
a Lev 26:5, 6
b Jer 30:10; Amo 9:14; Zef 3:20
c Isay 5:16; Hez 36:23
d Dut 30:4
e Isay 45:17; Isay 54:8; Jer 29:14
f Isay 32:14, 15; Jow 2:28

ISAHL. 40
g 2Kh 24:15, 16
h 2Kh 25:8-10; Hez 33:21
i Hez 8:3
j Isay 2:2
k Hez 1:5, 7; Dan 10:5, 6
l Hez 47:3; Zak 2:1, 2; IsA 11:1; IsA 21:15
m Hez 43:10

oyizingalo eziyisithupha ubude (engalweni ngayinye kwanezelwa ububanzi obungangesandla).* Yaqala ukukala udonga, ububanzi balo babungangomhlanga owodwa, ukuphakama kwalo kungangomhlanga owodwa.

**6** Ngemva kwalokho yeza esangweni elibheke empumalanga,[a] yakhuphuka ngezitebhisi zalo. Lapho ikala indawo yokungena esangweni, ububanzi bayo babungangomhlanga owodwa, ububanzi benye indawo yokungena nabo babungangomhlanga owodwa. **7** Ikamelo lonogada laliwumhlanga owodwa ubude nomhlanga owodwa ububanzi, amakamelo onogada ayehlukene ngezingalo ezinhlanu.[b] Indawo yokungena esangweni eliseceleni kompheme wesango ebheke ngaphakathi yayiwumhlanga owodwa.

**8** Yakala umpheme wesango elibheke ngaphakathi, wawungumhlanga owodwa. **9** Yabe isikala umpheme wesango, wawuyizingalo ezingu-8; yabe isikala izinsika zawo ezisemaceleni, zaziyizingalo ezimbili; umpheme wesango wawusohlangothini olubheke ngaphakathi.

**10** Kwakunamakamelo onogada amathathu ohlangothini ngalunye lwesango elisempumalanga. Womathathu ayelingana, nezinsika ezisemaceleni zazilingana.

**11** Ngemva kwalokho, yakala ububanzi bendawo yokungena yesango obabuyizingalo eziyishumi; ubude besango babuyizingalo ezingu-13.

**12** Indawo ehlukanisayo ephambi kwamakamelo onogada kuzo zombili izinhlangothi yayiyingalo eyodwa. Amakamelo onogada kuzo zombili izinhlangothi ayeyizingalo eziyisithupha ikamelo ngalinye.

**13** Yabe isikala isango kusukela ophahleni lwelinye ikamelo lonogada* kuya ophahleni lwelinye, laliyizingalo ezingu-25 ububanzi; izindawo zokungena zazibhekene.[a] **14** Yakala nezinsika ezisemaceleni ezaziyizingalo ezingu-60 ubude kanye nezinsika ezisemaceleni zamasango nxazonke zegceke. **15** Ukusuka phambi kwendawo yokungena yesango kuya phambi kompheme wengaphakathi lesango kwakuyizingalo ezingu-50.

**16** Kwakukhona izikhala zamafasitela ezibanzi ngaphakathi ezaziya ngokuya zincipha ngaphandle[b] emakamelweni onogada nasezinsikeni zawo ezingaphakathi kwesango ohlangothini ngalunye. Ingaphakathi lemipheme nalo lalinamafasitela ohlangothini ngalunye, kwakukhona nemidwebo yezihlahla zesundu[c] ezinsikeni ezisemaceleni.

**17** Ngemva kwalokho yangiletha egcekeni elingaphandle, ngabona amagumbi okudlela[d] nendawo egandayiwe nxazonke zegceke. Kwakunamagumbi okudlela angu-30 endaweni egandayiwe. **18** Indawo egandayiwe eceleni kwamasango yayilingana nobude bamasango—lena kwakuyindawo egandayiwe engezansi.

**19** Yabe isikala ibanga* ukusuka phambi kwesango elingezansi kuya egcekeni elingapha-

ISAHL. 40
a Hez 40:10; Hez 43:1, 4; Hez 46:1, 2
b 1Kr 9:26, 27

Uhla 2
a Hez 40:20, 21
b 1Kh 6:4; Hez 41:26
c 1Kh 6:35
d 1Kr 28:12

40:5 *NgesiHebheru, "umhlanga wokukala oyizingalo eziyisithupha, ingalo eyodwa nobubanzi obungangesandla." Lokhu kubhekisela engalweni ende. Bheka iSithasiselo B14.

40:13 *Kungenzeka kubhekiselwa phezu kodonga lwekamelo lonogada. 40:19 *NgesiHebheru, "ububanzi."

kathi. Laliyizingalo ezingu-100
empumalanga nasenyakatho.
**20** Igceke elingaphandle la-
linesango elalibheke enyaka-
tho, yakala ubude balo no-
bubanzi balo. **21** Ohlangothi-
ni ngalunye kwakunamakame-
lo onogada amathathu. Izinsi-
ka zalo ezisemaceleni nomphe-
me kwakulingana nesango lo-
kuqala. Laliyizingalo ezingu-50
ubude, ububanzi balo buyizi-
ngalo ezingu-25. **22** Amafasi-
tela alo, umpheme walo ne-
midwebo yalo yezihlahla zesu-
ndu[a] kwakulingana nokwesa-
ngo elisempumalanga. Aba-
ntu babengafinyelela kulo ngo-
kukhuphuka izitebhisi eziyisi-
khombisa, umpheme walo wa-
wuphambi kwazo.
**23** Kwakunesango egceke-
ni elingaphakathi elalibhekene
nesango elisenyakatho. Yakala
ibanga elisuka esangweni kuya
kwelinye, laliyizingalo ezingu-
100.
**24** Ngemva kwalokho yangi-
letha eningizimu, ngabona isa-
ngo ohlangothini oluseningizi-
mu.[b] Yakala izinsika zalo ezise-
maceleni nompheme walo, za-
zilingana nezinye. **25** Kwaku-
namafasitela ohlangothini nga-
lunye lwalo nompheme walo,
njengamanye amafasitela. Lali-
yizingalo ezingu-50 ubude,
ububanzi balo buyizingalo ezi-
ngu-25. **26** Kwakunezitebhisi
eziyisikhombisa ezikhuphuke-
la kulo,[c] umpheme walo wawu-
phambi kwazo. Lalinemidwebo
yezihlahla zesundu ezinsikeni
zalo ezisemaceleni, ngamunye
ohlangothini ngalunye.
**27** Igceke elingaphakathi la-
linesango elibheke eningizimu;
yakala ukuya ngaseningizimu
kusukela esangweni kuya kwe-
linye, ibanga laliyizingalo ezi-
ngu-100. **28** Ngemva kwalo-
kho yangiletha egcekeni eli-
ngaphakathi ngesango eliseni-
ngizimu; lapho ikala isango eli-
seningizimu lalilingana nama-
nye. **29** Amakamelo alo ono-
gada, izinsika zalo ezisemace-
leni, umpheme walo kwakuli-
ngana nokwamanye amasango.
Kwakunamafasitela ohlango-
thini ngalunye lwalo nomphe-
me walo. Laliyizingalo ezingu-
50 ubude, ububanzi balo buyi-
zingalo ezingu-25.[a] **30** Kwa-
kukhona imipheme nxazonke;
yayiyizingalo ezingu-25 ubude,
ububanzi buyizingalo ezinhla-
nu. **31** Umpheme walo wawu-
bheke egcekeni elingaphandle,
kukhona imidwebo yezihlahla
zesundu ezinsikeni zalo ezi-
semaceleni,[b] kunezitebhisi ezi-
ngu-8 ezikhuphukela kulo.[c]
**32** Lapho ingiletha egcekeni
elingaphakathi ukusuka empu-
malanga, yakala isango, lali-
lingana namanye. **33** Amaka-
melo alo onogada, izinsika
zalo ezisemaceleni nomphe-
me walo kwakulingana noku-
nye, kwakunamafasitela ohla-
ngothini ngalunye lwalo nom-
pheme walo. Laliyizingalo ezi-
ngu-50 ubude, ububanzi buyi-
zingalo ezingu-25. **34** Umphe-
me walo wawubheke egce-
keni elingaphandle, kwaku-
nemidwebo yezihlahla zesundu
kuzo zombili izinsika zalo ezi-
semaceleni, kunezitebhisi ezi-
ngu-8 ezikhuphukela kulo.
**35** Yangiyisa esangweni eli-
senyakatho[d] yalikala; lalilinga-
na namanye. **36** Amakamelo
alo onogada, izinsika zalo ezi-
semaceleni nompheme walo
kwakulingana nokunye. Lali-
namafasitela ohlangothini nga-
lunye. Laliyizingalo ezingu-50
ubude, ububanzi balo buyi-
zingalo ezingu-25. **37** Izinsika
zalo ezisemaceleni zazibheke

ISAHL. 40
a Hez 41:20, 26
b Hez 46:9
c Hez 40:20, 22

Uhla 2
a Hez 40:20, 21
b Hez 40:16
c Hez 40:32, 34
Hez 40:35, 37
d Hez 44:4

egcekeni elingaphandle, kwa-
kunemidwebo yezihlahla zesu-
ndu kuzo zombili izinsika zalo
ezisemaceleni, kunezitebhisi
ezingu-8 ezikhuphukela kulo.
**38** Igumbi lokudlela nom-
nyango walo lalingasezinsikeni
ezisemaceleni zamasango, la-
pho kwakugezelwa khona yo-
nke iminikelo eshiswayo.[a]
**39** Kwakukhona amatafula
amabili ohlangothini ngalu-
nye lompheme wesango, okwa-
kuhlatshelwa kuwo iminike-
lo eshiswayo ephelele,[b] imini-
kelo yesono[c] neminikelo ye-
cala.[d] **40** Uma ukhuphukela
esangweni elisenyakatho, kwa-
kukhona amatafula amabili
ngaphandle kwendawo yo-
kungena. Kwakukhona nama-
nye amatafula amabili kolu-
nye uhlangothi lompheme we-
sango. **41** Kwakukhona ama-
tafula amane ohlangothini
ngalunye lwesango—amatafu-
la angu-8 esewonke—okwaku-
hlatshelwa kuwo imihlatshelo.
**42** Amatafula amane omnike-
lo oshiswayo ophelele ayenga-
wetshe eliqoshiwe. Ayeyingalo
eyodwa nohhafu ubude, ububa-
nzi buyingalo eyodwa nohhafu,
ukuphakama kuyingalo eyo-
dwa. Phezu kwawo kwakube-
kwa amathuluzi ayesetshenzi-
selwa ukuhlaba iminikelo eshi-
swayo kanye nemihlatshelo.
**43** Amashalofu alingana nobu-
banzi besandla ayefakwe nxa-
zonke zezindonga zangaphaka-
thi; inyama yeminikelo yesipho
yayibekwa ematafuleni.
**44** Endaweni engaphandle
kwesango elingaphakathi kwa-
kukhona amagumbi okudlela
abahlabeleli;[e] ayesegcekeni eli-
ngaphakathi eduze kwesango
elisenyakatho, ebheke eningi-
zimu. Elinye igumbi lokudlela
laliseduze kwesango elisempu-
malanga, libheke enyakatho.
**45** Yathi kimi: "Leli gumbi
lokudlela elibheke eningizi-
mu elabapristi abenza inkonzo
ethempelini.[a] **46** Igumbi lo-
kudlela elibheke enyakatho
lingelabapristi abenza inko-
nzo e-altare.[b] Bangamadodana
kaZadoki,[c] abavela kumaLevi
ababelwe ukusondela kuJeho-
va ukuze bamkhonze."[d]
**47** Ngemva kwalokho yakala
igceke elingaphakathi. Laliyizi-
ngalo ezingu-100 ubude, ubu-
banzi buyizingalo ezingu-100,
izinhlangothi ezine ezilingana-
yo. I-altare laliphambi kwethe-
mpeli.
**48** Yabe isingingenisa em-
phemeni wethempeli,[e] yaka-
la insika eseceleni yompheme,
yayiyizingalo ezinhlanu ohla-
ngothini olulodwa, iyizingalo
ezinhlanu kolunye. Ububanzi
besango babuyizingalo ezinta-
thu ohlangothini olulodwa, lu-
yizingalo ezintathu kolunye.
**49** Umpheme wawuyizinga-
lo ezingu-20 ubude, ububanzi
buyizingalo ezingu-11.* Abantu
babefinyelela kuwo ngokukhu-
phuka ngezitebhisi. Kwaku-
khona izinsika ngasezigxotshe-
ni ezisemaceleni, iyodwa ohla-
ngothini ngalunye.[f]

**41** Ngemva kwalokho ya-
ngingenisa egunjini eli-
Ngcwele,* yakala izinsika ezi-
semaceleni; zaziyizingalo# ezi-
yisithupha ububanzi ohlango-
thini olulodwa, ziyizingalo ezi-
yisithupha ububanzi kolunye

ISAHL. 40
a Lev 8:21
b Lev 1:3, 6; Lev 8:20; Hez 43:18
c Lev 4:3, 4
d Lev 5:6; Lev 7:1; Hez 42:13; Hez 44:29
e 1Kr 6:31, 32

Uhla 2
a Num 3:6-8; 1Kr 9:22, 23; Hu 134:1
b Lev 6:12, 13; Num 18:5; 2Kr 13:10, 11
c 1Kh 2:35; Hez 43:19
d Num 16:39, 40; Hez 44:15, 16
e 1Kh 6:3; 2Kr 3:4
f 1Kh 7:21

**40:49** *Noma kungaba, "ezingu-12."
**41:1** *NgesiHebheru, "ethempelini." Esahlukweni 41 no-42, le nkulumo ibhekisela egunjini eliNgcwele noma kuyo yonke indlu engcwele (ithempeli kuhlanganise igumbi eliNgcwele neliNgcwelengcwele). #Lokhu kubhekisela engalweni ende. Bheka iSithasiselo B14.

uhlangothi. **2** Indawo yoku-
ngena yayiyizingalo eziyishumi
ububanzi, izindonga ezisema-
celeni* zendawo yokungena za-
ziyizingalo ezinhlanu ohlango-
thini olulodwa nezingalo ezi-
nhlanu kolunye uhlangothi. Ya-
kala ubude balo, babuyizingalo
ezingu-40, ububanzi balo buyi-
zingalo ezingu-20.

**3** Yabe isingena ngaphaka-
thi* yakala insika eseceleni ye-
ndawo yokungena, yayiyizinga-
lo ezimbili ubukhulu, indawo
yokungena yayiyizingalo eziyi-
sithupha ububanzi. Izindonga
ezisemaceleni# zendawo yoku-
ngena zaziyizingalo eziyisikho-
mbisa. **4** Yabe isikala ikame-
lo elibheke egunjini eliNgcwe-
le, laliyizingalo ezingu-20 ubu-
de nezingalo ezingu-20 ububa-
nzi.[a] Yathi kimi: "Leli igumbi
eliNgcwelengcwele."[b]

**5** Ngemva kwalokho yaka-
la udonga lwethempeli, lwa-
luyizingalo eziyisithupha ubu-
khulu. Amagumbi asemaceleni
azungeze ithempeli ayeyizinga-
lo ezine ububanzi.[c] **6** La ma-
gumbi akha izitezi ezintathu.
Isitezi ngasinye sinamagumbi
angu-30. Amagumbi asendlini
ayephezu konqenqema lodo-
nga lwethempeli, kodwa izi-
sekelo zamagumbi zazinga-
ngeni odongeni lwethempe-
li.[d] **7** Amagumbi ayeya ngo-
kuya eba makhulu kusukela
esitezi sokuqala kuya kwesesi-
thathu.[e] Kuzo zombili izinhla-
ngothi zethempeli, kwakunezi-
tebhisi eziyindilinga kusukela
esitezi sokuqala kuya kwesesi-
bili kuze kufike kwesesithathu.

**8** Ngabona ukuthi kwakune-
ndawo ephakeme nxazonke ze-
thempeli, izisekelo zamagu-
mbi asemaceleni zaziyizingalo
eziyisithupha ukuya ekhoneni.
**9** Ububanzi bodonga olunga-
phandle lwamagumbi asema-
celeni babuyizingalo ezinhla-
nu. Kwakunendawo evuleki-
le* eduze kwesakhiwo samagu-
mbi asemaceleni eyayiyingxe-
nye yethempeli.

**10** Phakathi kwethempeli na-
magumbi okudlela[a] kwakune-
ndawo eyayiyizingalo ezingu-
20 ububanzi ohlangothini nga-
lunye. **11** Kwakunendawo yo-
kungena phakathi kwamagumbi
asemaceleni nendawo evulekile
esohlangothini olusenyakatho,
nenye indawo yokungena ohla-
ngothini oluseningizimu. Ubu-
banzi bendawo evulekile babu-
yizingalo ezinhlanu, nxazonke.

**12** Isakhiwo esasisentsho-
nalanga sibheke indawo evu-
lekile sasiyizingalo ezingu-70
ububanzi nezingalo ezingu-
90 ubude; udonga lwesakhiwo
lwaluyizingalo ezinhlanu ubu-
khulu, nxazonke.

**13** Yakala ithempeli, laliyi-
zingalo ezingu-100 ubude. Inda-
wo evulekile, isakhiwo* ne-
zindonga zaso nakho kwa-
kuyizingalo ezingu-100 ubude.
**14** Ububanzi bendawo enga-
phambili yethempeli ebheke
empumalanga nendawo evule-
kile babuyizingalo ezingu-100.

**15** Yakala ubude besakhiwo
esibhekene nendawo evuleki-
le ngemuva, kanye nemipheme
yaso kuzo zombili izinhlango-
thi, babuyizingalo ezingu-100.

Yakala negumbi eliNgcwe-
le, neliNgcwelengcwele[b] ne-
mipheme yegceke, **16** kanye

**ISAHL. 41**
*a* 1Kh 6:20; 2Kr 3:8
*b* Eks 26:33
*c* 1Kh 6:5
*d* 1Kh 6:6, 10
*e* 1Kh 6:8

**Uhla 2**
*a* 1Kr 28:12
*b* 2Kr 3:8; Hez 41:4

**41:2** *NgesiHebheru, "izinhlangothi." **41:3** *Okuwukuthi, egunjini eliNgcwelengcwele. #NgesiHebheru, "Ububanzi."

**41:9** *Ngokusobala iphaseji eliwumngcingo elizungeze ithempeli. **41:13** *Okuwukuthi, isakhiwo esisentshonalanga yendlu engcwele.

nezindawo zokungena, izikhala zamafasitela ezibanzi ngaphakathi bese ziya ngokuya zincipha ngaphandle,[a] nemipheme eyayikuzo zontathu lezo zindawo. Eduze kwendawo yokungena kwakunezinhlaka zamapulangwe[b] kusukela phansi kuya emafasiteleni; amafasitela ayemboziwe. **17** Kwakalwa nendawo engaphezu kwendawo yokungena nengaphakathi lethempeli kanye nengaphandle lalo, nalo lonke udonga. **18** Kwakunamakherubi aqoshiwe[c] nemidwebo yezihlahla zesundu,[d] kukhona isihlahla sesundu phakathi kwamakherubi amabili, ikherubi ngalinye lalinobuso obubili. **19** Ubuso bomuntu babubheke isihlahla sesundu ohlangothini olulodwa, ubuso bebhubesi* bubheke isihlahla sesundu kolunye uhlangothi.[e] Kwakuqoshwe ngale ndlela kulo lonke ithempeli. **20** Kusukela phansi kuya endaweni engaphezu kwendawo yokungena, kwakunamakherubi aqoshiwe nemidwebo yezihlahla zesundu, odongeni lwendlu engcwele.

**21** Izinsika* zeminyango yendlu engcwele zaziyisikwele.[f] Phambi kwendawo engcwele# kwakukhona okwakufana **22** ne-altare lokhuni[g] kuyizingalo ezintathu ukuphakama, nezingalo ezimbili ubude. Kwakunezigxobo ezisemakhoneni, isinqe* sako nezinhlangothi zako kwakwenziwe ngokhuni. Yabe isithi kimi: "Leli itafula eliphambi kukaJehova."[h]

**23** Igumbi eliNgcwele nendawo engcwele ngakunye kwakuneminyango emibili.[a] **24** Iminyango yayinezicabha ezimbili eziphendukayo, umnyango ngamunye unezicabha ezimbili. **25** Kwakunamakherubi aqoshiwe nemidwebo yezihlahla zesundu ezicabheni zendlu engcwele, okufana nokusezindongeni.[b] Kwakukhona nophahla lokhuni phambi kompheme ngaphandle. **26** Kwakukhona nezikhala zamafasitela ezibanzi ngaphakathi ezaziya ngokuya zincipha ngaphandle[c] nemidwebo yezihlahla zesundu kuzo zombili izinhlangothi zompheme, kanye nasemagunjini asemaceleni ethempeli nasophahleni.

**42** Ngemva kwalokho yangikhiphela egcekeni elingaphandle ngasenyakatho.[d] Yangiletha esakhiweni esinamagumbi okudlela esasiseduze kwendawo evulekile,[e] enyakatho yesakhiwo esiseceleni.[f] **2** Endaweni yokungena esenyakatho sasiyizingalo* ezingu-100 ubude, ububanzi buyizingalo ezingu-50. **3** Sasiphakathi kwegceke elingaphakathi, elaliyizingalo ezingu-20 ububanzi,[g] nendawo egandayiwe yegceke elingaphandle. Imipheme yaso yayibhekene futhi iyizitezi ezintathu. **4** Phambi kwamagumbi okudlela kwakukhona indlela yokuhamba yangaphakathi[h] eyizingalo eziyishumi ububanzi nezingalo ezingu-100 ubude,* izindawo zawo zokungena zazisenyakatho. **5** Amagumbi okudle-

**41:19** *Noma, "bebhubesi eliselincane elinomhlwenga." **41:21** *NgesiHebheru, "Insika." Ngokusobala kubhekiselwa endaweni yokungena egunjini eliNgcwele. #Ngokusobala kubhekiselwa egunjini eliNgcwelengcwele. **41:22** *NgesiHebheru, "ubude."

**42:2** *Kubhekiselwa ezingalweni ezinde. Bheka iSithasiselo B14. **42:4** *Ngokwe-*Septuagint* yesiGreki, "izingalo ezingu-100 ubude." Umbhalo wesiHebheru ufundeka kanje: "Indlela eyingalo eyodwa." Bheka iSithasiselo B14.

ISAHL. 41
a 1Kh 6:4
b 1Kh 6:15; 2Kr 3:5
c 1Kh 6:29; 1Kh 7:36; 2Kr 3:7
d Hez 40:16
e Hez 1:5, 10; IsA 4:7
f 1Kh 6:33
g Eks 30:1; 1Kh 7:48; IsA 8:3
h Hez 44:16; Mal 1:7

Uhla 2
a 1Kh 6:31-35
b Hez 41:17, 18
c Hez 40:16

ISAHL. 42
d Hez 40:2
e Hez 42:13
f Hez 41:12, 15
g Hez 41:10
h Hez 42:10, 11

la esakhiwo aphezulu ayemancane kunalawo asesitezi esiphansi nesiphakathi nendawo, ngoba imipheme yayithatha indawo yawo ethe xaxa. **6** Ayeyizitezi ezintathu ukuphakama, kodwa ayengenazo izinsika njengezinsika zamagceke. Yingakho kwadleka indawo enkulu kuwo kunalawo asesitezi esiphansi nesiphakathi nendawo.

**7** Udonga lwamatshe olungaphandle eduze kwamagumbi okudlela ngasegcekeni elingaphandle elalibheke amanye amagumbi okudlela lwaluyizingalo ezingu-50 ubude. **8** Ubude bamagumbi okudlela ayebheke igceke elingaphandle babuyizingalo ezingu-50, kodwa lawo ayebheke indlu engcwele ayeyizingalo ezingu-100. **9** Amagumbi okudlela ayenendlela engenayo ohlangothini olusempumalanga eya kuwo ivela egcekeni elingaphandle.

**10** Kwakukhona namagumbi okudlela ngaphakathi kodonga lwamatshe lwegceke ngasempumalanga ngasendaweni evulekile nangasesakhiweni.[a] **11** Kwakukhona indlela phambi kwawo efana neyamagumbi okudlela asenyakatho.[b] Ayelingana ngobude nangobubanzi, izindawo zawo zokuphuma nokwakheka kwazo kwakufana. Izindawo zawo zokungena **12** zazinjengezindawo zokungena zamagumbi okudlela ayeseningizimu. Kwakunendawo yokungena ekuqaleni kwendlela, ngaphambi kodonga lwamatshe oluseceleni ngasempumalanga, lapho umuntu ayengangena khona.[c]

**13** Yabe isithi kimi: "Amagumbi okudlela asenyakatho namagumbi okudlela aseningizimu aseduze kwendawo evulekile[a] angamagumbi okudlela angcwele, lapho abapristi abasondela kuJehova bedlela khona iminikelo engcwelengcwele.[b] Bayibeka lapho iminikelo engcwelengcwele, umnikelo wokudla okusanhlamvu, umnikelo wesono nomnikelo wecala, ngoba le ndawo ingcwele.[c] **14** Lapho abapristi bengena, akufanele baphume endaweni engcwele baye egcekeni elingaphandle bengazikhumulanga izingubo abakhonza ngazo[d] ngoba zingcwele. Bayogqoka ezinye izingubo ukuze baye ezindaweni abantu abavunyelwe kuzo."

**15** Lapho iqeda ukukala indawo engaphakathi yethempeli,* yangikhipha ngendlela yesango elibheke empumalanga,[e] yayikala yonke indawo.

**16** Yakala uhlangothi olungasempumalanga ngomhlanga wokukala.* Lwaluyimihlanga engu-500 ubude kusukela kolunye uhlangothi kuya kolunye.

**17** Yakala uhlangothi olungasenyakatho, lwaluyimihlanga engu-500 ubude.

**18** Yakala uhlangothi olungaseningizimu, lwaluyimihlanga engu-500 ubude.

**19** Yaya ohlangothini olusentshonalanga. Yalukala ngomhlanga wokukala, lwaluyimihlanga engu-500 ubude.

**20** Yayikala ezinhlangothini ezine. Yayinodonga nxazonke[f] olwaluyimihlanga engu-500 ubude nemihlanga engu-500 ububanzi[g] ukuze kuhlukaniswe phakathi kokungcwele nokusetshenziswa abantu abavamile.[h]

**43** Ngemva kwalokho yangiyisa esangweni elibheke empumalanga.[i] **2** Ngilapho ngabona inkazimulo

42:15 *NgesiHebheru, "indlu engaphakathi." 42:16 *Bheka iSithasiselo B14.

ISAHL. 42
a Hez 41:12; Hez 42:1
b Hez 42:4
c Hez 42:9

Uhla 2
a Hez 42:1
b Lev 6:14, 16; Lev 7:1, 6; Lev 10:12, 13; Lev 24:8, 9; Num 18:10; Hez 40:46
c Lev 2:3; Num 18:9; Neh 13:5
d Eks 28:40; Eks 29:8, 9; Lev 8:13; Hez 44:19
e Hez 40:6
f Hez 40:5
g Hez 45:1, 2
h Lev 10:10; Hez 44:23; 2Ko 6:17

ISAHL. 43
i Hez 40:6; Hez 42:15; Hez 44:1

kaNkulunkulu ka-Israyeli ivela
empumalanga,[a] izwi lakhe lali-
njengomsindo wamanzi amani-
ngi ahazayo;[b] nomhlaba wawu-
khanyiswe inkazimulo yakhe.[c]
**3** Engakubona kwakunjengo-
mbono engangiwubone* lapho
ngifika ngizobhubhisa idolo-
bha, kwakubonakala kunje-
ngalokho engangikubone nga-
semfuleni iKhebari;[d] ngaguqa
ngakhothama.

**4** Inkazimulo kaJehova yabe
isingena ethempelini* ngesa-
ngo elibheke empumalanga.[e]
**5** Umoya wangivusa wangiletha
egcekeni elingaphakathi, ngabo-
na ukuthi ithempeli lase li-
gcwele inkazimulo kaJehova.[f]
**6** Ngezwa umuntu ekhuluma
nami esethempelini, lo mu-
ntu weza wama eceleni kwami.[g]
**7** Wathi kimi:

"Ndodana yomuntu, lena
indawo yesihlalo sami sobu-
khosi[h] nendawo yezinyawo
zami,[i] lapho ngizohlala kho-
na phakathi kwabantu ba-
kwa-Israyeli kuze kube pha-
kade.[j] Indlu ka-Israyeli nge-
ke iphinde ilingcolise igama
lami elingcwele,[k] yona nama-
khosi ayo, ngokufeba naba-
nye onkulunkulu* nangezidu-
mbu zamakhosi ayo ekufeni
kwawo. **8** Ngokwenza indawo
yayo yokungena ibe seduze
kwendawo yami yokungena na-
ngokwenza insika yayo yom-
nyango ibe seceleni kwensika
yomnyango wami, kuhlukani-
swe udonga kuphela,[l] yangcoli-
sa igama lami elingcwele nge-
zinto ezinengekayo eyazenza,
ngakho ngayiqothula ngentu-
kuthelo yami.[m] **9** Manje mayi-
kudedisele kude nami ukufeba
nabanye onkulunkulu nezidu-
mbu zamakhosi ayo, mina ngi-
yohlala phakathi kwayo kuze
kube phakade.[a]

**10** "Wena ndodana yomu-
ntu, chazela indlu ka-Israye-
li ngethempeli[b] ukuze ibe na-
mahloni ngenxa yeziphambe-
ko zayo[c] futhi kufanele ihlo-
lisise indlela elakheke nga-
yo.* **11** Uma izizwa inama-
hloni ngenxa yakho konke
ekwenzile, kufanele uyazise
ipulani yethempeli, indlela eli-
hlelwe ngayo, izindawo zalo
zokuphuma nezokungena.[d] Yi-
bonise wonke amapulani alo
neziqondiso zalo, amapulani
alo nemithetho yalo, ukubha-
le phansi phambi kwayo uku-
ze iwaqaphele wonke amapula-
ni alo, igcine imithetho yalo.[e]
**12** Lona umthetho wethempe-
li. Yonke indawo kuso sonke
isiqongo sentaba ingcwele-
ngcwele.[f] Bheka! Lona umthe-
tho wethempeli.

**13** "Lezi izilinganiso ze-alta-
re ngezingalo[g] (engalweni nga-
yinye kwanezelwa ububanzi
obungangesandla).* Isinqe salo
siyingalo eyodwa, siyingalo
eyodwa ububanzi. Lizunge-
zwe iphethelo elingangobuba-
nzi besandla.# Lesi isinqe se-
altare. **14** Ukusuka esinqeni
kuya onqenqemeni oluzungezi-
le olusezansi kuyizingalo ezi-
mbili, ububanzi buyingalo eyo-
dwa. Ukusuka onqenqemeni
oluncane oluzungezile kuya
onqenqemeni olukhulu olu-
zungezile kuyizingalo ezine,
ububanzi balo buyingalo eyo-
dwa. **15** Iziko le-altare liyizi-

ISAHL. 43
a Hez 9:3; Hez 11:23
b Hez 1:24; Joh 12:28, 29
c Isay 6:3; Hez 10:4
d Hez 1:3, 4; Hez 3:23
e Hez 10:19; Hez 44:1, 2
f Eks 40:34; 1Kh 8:10; Hez 44:4
g Hez 40:3
h Isay 6:1; Jer 3:17; Hez 1:26
i 1Kr 28:2
j Eks 29:45; Hu 68:16; Hu 132:14; Jow 3:17
k Hez 39:7; Zak 13:2
l Hez 8:3
m Dan 9:12

Uhla 2
a Hez 37:23; Hez 37:26; 2Ko 6:16
b Hez 40:4
c Hez 16:63
d Hez 44:5
e Hez 11:19, 20; Hez 36:27
f Hu 93:5; Hez 40:2; Hez 42:20
g Eks 27:1; 2Kr 4:1

---

**43:3** *Noma kungaba, "ayewubone." **43:4** *NgesiHebheru, "endlini." **43:7** *Okuwukuthi, ukukhulekela abanye onkulunkulu.

**43:10** *NgesiHebheru, "ikale umklamo walo." **43:13** *Lokhu kubhekisela engalweni ende. Bheka iSithasiselo B14. #Okuwukuthi, ububanzi besandla, obungaba u-22,2 cm. Bheka iSithasiselo B14.

ngalo ezine ukuphakama, ku-
khona izimpondo ezine eziphu-
ma eziko le-altare zibheke phe-
zulu.[a] **16** Iziko le-altare liyisi-
kwele, izingalo ezingu-12 ubu-
de nezingalo ezingu-12 ubu-
banzi.[b] **17** Unqenqema oluzu-
ngezile nhlangothi zozine luyi-
zingalo ezingu-14 ubude nezi-
ngalo ezingu-14 ububanzi; um-
ngcele olizungezayo uwuhhafu
wengalo, isinqe salo siyingalo
eyodwa kuzo zonke izinhlango-
thi.

"Izitebhisi zalo zibheke empu-
malanga."

**18** Yabe isithi kimi, "Ndo-
dana yomuntu, yilokhu iNkosi
EnguMbusi uJehova ekushoyo:
'Yilezi iziqondiso okumele zila-
ndelwe lapho kwakhiwa i-alta-
re ukuze kunikelwe iminikelo
eshiswayo ephelele futhi kufa-
fazwe igazi kulo.'[c]

**19** "'Abapristi abangamaLe-
vi benzalo kaZadoki,[d] abeza
kimi ukuze bangikhonze, ku-
mele ubanike inkunzi ese-
ncane yomhlambi wezinko-
mo ibe umnikelo wesono,'[e] ku-
sho iNkosi EnguMbusi uJeho-
va. **20** 'Kufanele uthathe eli-
nye igazi layo uligcobe ezi-
mpondweni ezine ze-altare,
emakhoneni amane onqenqe-
ma nasephethelweni elizunge-
zile ukuze lihlanzwe esonwe-
ni futhi lenzelwe isihlawulelo.[f]
**21** Ngemva kwalokho uthathe
leyo nkunzi, umnikelo weso-
no, ukuze uyishisele endawe-
ni emisiwe yethempeli, nga-
phandle kwendlu engcwele.[g]
**22** Ngosuku lwesibili uyonike-
la ngempongo ephile kahle
ibe umnikelo wesono; bayohla-
nza i-altare esonweni ngendle-
la efanayo nabalihlanze ngayo
esonweni ngenkunzi esenca-
ne.'

**23** "'Lapho usuqedile uku-
lihlanza esonweni uyonikela
ngenkunzi esencane ephile ka-
hle yomhlambi wezinkomo ne-
nqama ephile kahle evela em-
hlanjini wezimvu. **24** Kume-
le uzilethe kuJehova, abapristi
kumele bathele usawoti[a] phezu
kwazo bazinikele zibe umnike-
lo oshiswayo ophelele oya
kuJehova. **25** Izinsuku eziyi-
sikhombisa uyonikela impo-
ngo ibe umnikelo wesono wa-
nsuku zonke,[b] kanye nenkunzi
esencane yomhlambi wezinko-
mo nenqama evela emhlanjini
wezimvu; uyonikela ngezilwa-
ne ezingenasici. **26** Izinsuku
eziyisikhombisa kumele benze-
le i-altare isihlawulelo, ku-
mele balihlanze futhi balimise.
**27** Lapho izinsuku sezipheli-
le, ngosuku luka-8 kuqhube-
ke,[c] abapristi bayonikela phe-
zu kwe-altare iminikelo yenu*
eshiswayo ephelele nemihla-
tshelo ehlanganyelwayo; ngi-
yojabula ngani,'[d] kusho iNkosi
EnguMbusi uJehova."

**44** Yangibuyisa ngendlela
yesango elingaphandle
lendlu engcwele elibheke
empumalanga,[e] lalivaliwe.[f]
**2** UJehova wabe esethi kimi:
"Leli sango liyohlale livaliwe.
Akumele livulwe, akukho mu-
ntu oyongena ngalo; ngoba
uJehova, uNkulunkulu ka-Isra-
yeli, ungene ngalo,[g] ngakho
kumele lihlale livaliwe. **3** No-
kho, isikhulu siyohlala khona
ukuze sidle isinkwa phambi ku-
kaJehova[h] ngenxa yokuthi si-
yisikhulu. Siyongena ngendlela
yasemphemeni wesango siphi-
nde siphume ngayo."[i]

**4** Yabe isingiletha phambi
kwethempeli ngendlela yesango
elisenyakatho. Lapho ngibuka,

43:27 *Okuwukuthi, iminikelo yabantu.

**ISAHL. 43**
- a Eks 27:2; IsA 9:13
- b Eks 38:1; 2Kr 4:1
- c Eks 40:29; Lev 1:5; Lev 8:18-21; Hez 45:19
- d Hez 40:46; Hez 44:15; Hez 48:11
- e Eks 29:10; Lev 8:14
- f Eks 29:36, 37; Lev 8:15; Heb 9:23
- g Eks 29:14; Lev 8:17; Heb 13:11

**Uhla 2**
- a Lev 2:13
- b Eks 29:35
- c Lev 9:1
- d Hez 20:40

**ISAHL. 44**
- e Hez 43:1
- f Hez 46:1
- g Hez 43:2
- h Dut 12:5, 7
- i Hez 46:2

ngabona ukuthi inkazimulo ka-
Jehova yayigcwalise ithempe-
li likaJehova.[a] Ngakho ngaguqa
ngakhothama.[b] **5** UJehova wa-
thi kimi: "Ndodana yomuntu,
nakisisa,* ubuke futhi ukulale-
lisise kahle konke engikutshe-
la kona ngeziqondiso nemithe-
tho yethempeli likaJehova. Yi-
nakisise indlela yokungena ye-
thempeli nazo zonke izindawo
zokuphuma zendlu engcwele.[c]
**6** Kumele uthi endlini ka-Isra-
yeli edlubulundayo, 'Yilokhu
iNkosi EnguMbusi uJehova eku-
shoyo: "Kwanele ngemikhuba
yenu enyanyisayo nina ndlu ka-
Israyeli. **7** Lapho abantu ba-
kwezinye izizwe abangasokile
enhliziyweni nasenyameni niba-
ngenisa endlini yami engcwele,
bayalingcolisa ithempeli lami.
Niletha isinkwa sami, amanoni
negazi, kuyilapho isivumelwa-
no sami sephulwa ngenxa yayo
yonke imikhuba yenu enyanyi-
sayo. **8** Anizinakekelanga izi-
nto zami ezingcwele.[d] Kunalo-
kho, imisebenzi yasendlini yami
engcwele niyiphathisa abanye."'

**9** "'Yilokhu iNkosi Engu-
Mbusi uJehova ekushoyo:
"Akukho muntu wesinye isi-
zwe ohlala kwa-Israyeli onga-
sokile enhliziyweni nasenya-
meni ongangena endlini yami
engcwele."'

**10** "'Kodwa lawo maLevi
angishiya[e] ngesikhathi u-Israye-
li engishiya ukuze alandele
izithixo ezinyanyisayo* ayo-
bhekana nemiphumela yesipha-
mbeko sawo. **11** Ayoba izikho-
nzi endlini yami engcwele uku-
ze engamele amasango ethe-
mpeli[f] futhi akhonze ethempeli-
ni. Ayohlaba umnikelo oshiswa-
yo ophelele nomhlatshelo wa-
bantu, ayoma phambi kwabantu
ukuze abakhonze. **12** Ngenxa
yokuthi ayebakhonza phambi
kwezithixo zabo ezinyanyisayo
futhi aba isikhubekiso abange-
la ukuba indlu ka-Israyeli yone,[a]
yingakho ngiphakamise isandla
sami samelana nawo, ngafunga,'
kusho iNkosi EnguMbusi uJeho-
va, 'ayobhekana nemiphumela
yesiphambeko sawo. **13** Nge-
ke eze kimi ukuze akhonze nje-
ngabapristi bami noma asonde-
le kunoma yiziphi izinto zami
ezingcwele noma ezingcwele-
ngcwele, ayothwala ihlazo lawo
ngenxa yezinto zawo ezinenge-
kayo azenzile. **14** Kodwa ngi-
yowenza anakekele imisebenzi
yasethempelini, anakekele yo-
nke inkonzo eyenziwa kulo
nazo zonke izinto okufanele ze-
nziwe kulo.'[b]

**15** "'Kodwa abapristi aba-
ngamaLevi, amadodana kaZa-
doki,[c] abenza imisebenzi ya-
sendlini yami engcwele lapho
ama-Israyeli engishiya,[d] ba-
yoza kimi ukuze bangikhonze,
bayoma phambi kwami uku-
ze banikele kimi amanoni[e] ne-
gazi,'[f] kusho iNkosi EnguMbusi
uJehova. **16** 'Yibo abayonge-
na endlini yami engcwele, ba-
yoza etafuleni lami ukuze ba-
ngikhonze,[g] bayokwenza imi-
sebenzi engibanike yona.[h]

**17** "'Lapho bengena ema-
sangweni egceke elingaphaka-
thi, kufanele bagqoke izingu-
bo zelineni.[i] Akufanele ba-
gqoke uvolo lapho bekhonza
emasangweni egceke elinga-
phakathi noma ngaphakathi.
**18** Kufanele bagqoke amadu-
ku elineni emakhanda abo, izi-
khindi zelineni kufanele zi-
mboze izinqulu zabo.[j] Akufa-
nele bagqoke noma yini ebaju-

ISAHL. 44
a Isay 6:1-3; Hez 10:4
b Hez 1:27, 28; Hez 3:23
c Hez 40:4
d Lev 22:2; Num 18:2, 3
e 2Kh 23:8, 9; 2Kr 29:1, 5; Neh 9:34; Jer 23:11; Hez 8:5
f 1Kr 26:1

Uhla 2
a Isay 9:16; Mal 2:8
b Num 18:2, 4
c 1Kh 2:35; Hez 40:46
d Hez 48:9, 11
e Lev 3:14-16
f Lev 17:6
g Hez 41:21, 22
h Num 18:7
i Eks 28:39, 42; Eks 39:27, 28; Lev 16:4
j Eks 28:40, 42

**44:5** *NgesiHebheru, "beka inhliziyo yakho." **44:10** *Lena yinkulumo yesiHebheru okungenzeka ihlobene negama elisho "ubulongwe," isetshenziswa njengenkulumo yokwedelela.

lukisayo. **19** Ngaphambi ko-
kuba baye egcekeni elingapha-
ndle—igceke elingaphandle la-
pho kunabantu khona—kufane-
le bakhumule izingubo abebe-
khonza ngazo[a] bazibeke ema-
gunjini okudlela angcwele.[b] Ba-
yogqoka ezinye izingubo uku-
ze bangadluliseli ubungcwe-
le* kubantu ngezingubo zabo.
**20** Akufanele baphuce ama-
khanda abo[c] noma bayeke izi-
nwele zabo zikhule zibe zi-
nde. Kufanele bacwale izinwele
zabo. **21** Abapristi akufanele
baphuze iwayini lapho benge-
na egcekeni elingaphakathi.[d]
**22** Akufanele bashade nomfe-
lokazi noma nowesifazane odi-
vosile;[e] kodwa bangashada ne-
ntombi nto yenzalo ka-Israyeli
noma nomfelokazi wompristi.'[f]

**23** "'Kufanele bafundise aba-
ntu bami umehluko phakathi
kokungcwele nokuvamile; ba-
yobafundisa umehluko phaka-
thi kokungcolile nokuhlanzeki-
le.[g] **24** Kufanele babe abahlu-
leli ecaleni lomthetho;[h] kumele
bahlulele ngokuvumelana nezi-
nqumo zami zokwahlulela.[i] Ku-
fanele bagcine imithetho yami
neziqondiso zami ngokuphathe-
lene nayo yonke imikhosi yami,[j]
bangcwelise amasabatha ami.
**25** Akufanele basondele kuno-
ma yimuphi umuntu ofile uku-
ze bangangcoli. Kodwa, banga-
zenza bangcole ngenxa kayi-
se, unina, indodana, indodaka-
zi, umfowabo, noma udadewa-
bo ongashadile.[k] **26** Ngemva
kokuhlanzwa kompristi, kufa-
nele bambalele izinsuku eziyisi-
khombisa. **27** Ngosuku ange-
na ngalo endaweni engcwele,
egcekeni elingaphakathi, ukuze
azokhonza endaweni engcwele,
kufanele alethe umnikelo wa-
khe wesono,'[a] kusho iNkosi
EnguMbusi uJehova.

**28** "'Leli kuyoba yifa labo:
Mina ngiyifa labo.[b] Akufane-
le nibanike mpahla kwa-Isra-
yeli, ngoba mina ngiyimpa-
hla yabo. **29** Yibo abayodla
umnikelo wokudla okusanhla-
mvu,[c] umnikelo wesono nomni-
kelo wecala,[d] yonke into eni-
kelwe kwa-Israyeli iyoba ngeya-
bo.[e] **30** Izithelo zokuqala ezi-
vuthiwe zekhethelo zazo zo-
nke izinhlobo zomnikelo ezive-
la kini ziyoba ezabapristi.[f] Ku-
fanele ninike abapristi ufu-
lawa* wokuqala ezivunweni
zenu zokuqala.[g] Lokhu kuyo-
kwenza ukuba isibusiso sihlale
emindenini yenu.[h] **31** Abapri-
sti akufanele badle inyoni
noma isilwane esitholakale si-
file noma sidwenguliwe.'[i]

**45** "'Lapho naba izwe uku-
ze libe yifa,[j] kufanele ni-
nikele ingxenye engcwele ye-
zwe ibe umnikelo oya kuJeho-
va.[k] Ubude balo kufanele bube
izingalo* ezingu-25 000, ububa-
nzi balo bube izingalo ezi-
ngu-10 000.[l] Yonke indawo yalo
iyoba ingxenye engcwele.
**2** Kulo kuyoba khona isiqephu
esiyisikwele sendawo engcwe-
le eyizingalo ezingu-500,[m] iyo-
ba namadlelo ayizingalo ezi-
ngu-50 ohlangothini ngalunye.[n]
**3** Kulesi silinganiso sezwe ku-
fanele ukale ubude obungu-25
000 nobubanzi obungu-10 000,
phakathi kwalo kuyoba ne-
ndlu engcwele, into engcwe-
lengcwele. **4** Liyoba ingxenye
engcwele yabapristi,[o] izikho-
nzi zasendlini engcwele, aba-
sondela kuJehova ukuze
bamkhonze.[p] Liyoba indawo

**ISAHL. 44**
- *a* Lev 6:10; Hez 42:14
- *b* Hez 42:13
- *c* Lev 21:1, 5; Dut 14:1
- *d* Lev 10:9
- *e* Lev 21:7
- *f* Lev 21:10, 14
- *g* Mal 2:7
- *h* Dut 17:9
- *i* 1Kr 23:3, 4; 2Kr 19:8
- *j* Lev 23:2
- *k* Lev 21:1-3

**Uhla 2**
- *a* Lev 4:3
- *b* Num 18:20; Dut 18:1; Jos 13:14; Hez 45:4
- *c* Lev 2:3
- *d* Lev 6:17, 18; Lev 7:1, 6; 1Ko 9:13
- *e* Lev 27:21; Num 18:14
- *f* Eks 23:19; Num 18:8, 12; Num 18:26, 27; Dut 18:4
- *g* Num 15:20; Neh 10:35-37
- *h* IzA 3:9, 10; Mal 3:10
- *i* Eks 22:31; Lev 22:3, 8

**ISAHL. 45**
- *j* Jos 14:1, 2; Hez 47:21, 22
- *k* Hez 48:20
- *l* Hez 48:8, 9
- *m* Hez 42:20
- *n* Jos 21:1, 2
- *o* Hez 48:10, 11
- *p* Hez 40:46

**44:19** *NgesiHebheru, "bangangcwelisi."

**44:30** *NgesiHebheru, "ufulawa odlakazekile." **45:1** *Lokhu kubhekisela engalweni ende. Bheka iSithasiselo B14.

yezindlu zabo nendawo
engcwele yendlu engcwele.
**5** “‘KumaLevi, izikhonzi za-
sethempelini, kuyoba ingxenye
eyizingalo ezingu-25 000 ubude
nezingalo ezingu-10 000 ububa-
nzi,[a] ayoba namagumbi okudle-
la angu-20.[b]
**6** “‘Kufanele nikhiphe inda-
wo eyizingalo ezingu-25 000
ubude (ngokuvumelana nomni-
kelo ongcwele) nezingalo ezi-
ngu-5 000 ububanzi ibe eyedo-
lobha.[c] Iyoba eyayo yonke
indlu ka-Israyeli.
**7** “‘Kuyoba khona izwe le-
sikhulu kuzo zombili izinhla-
ngothi zomnikelo ongcwele
nezendawo enikezwe idolo-
bha. Liyoba seduze komnike-
lo ongcwele nezwe ledolo-
bha. Liyoba sohlangothini olu-
sentshonalanga nasohlango-
thini olusempumalanga. Ubude
balo kusukela emngceleni ose-
ntshonalanga kuya emngcele-
ni osempumalanga buyolinga-
na nenye yezingxenye ezizi-
zwe.[d] **8** Leli zwe liyoba ngela-
so kwa-Israyeli. Izikhulu zami
ngeke zisabahlukumeza aba-
ntu bami,[e] ziyonika indlu ka-
Israyeli izwe ngokwezizwe
zayo.’[f]
**9** “Yilokhu iNkosi EnguMbu-
si uJehova ekushoyo: ‘Sekwa-
nele ngani zikhulu zakwa-Isra-
yeli!’
“‘Yekani ubudlova nokuci-
ndezela abantu, nenze ubulu-
ngisa nokulunga.[g] Yekani uku-
thatha indawo yabantu bami,’[h]
kusho iNkosi EnguMbusi uJe-
hova. **10** ‘Kufanele nisebenzi-
se izikali ezinembile, isikali se-
efa* esinembile nesikali sebha-
thi* esinembile.[i] **11** Kufanele
kube nesikali esiqondile se-efa
nebhathi. Isikali sebhathi kufa-

**45:10-12, 14** *Bheka iSithasiselo B14.

**ISAHL. 45**
a Hez 48:13
b Hez 40:17
c Hez 48:15
d Hez 48:21
e Isay 32:1; Isay 60:17; Jer 22:17; Jer 23:5; Hez 22:27; Hez 46:18; Mik 3:1-3
f Jos 11:23
g Jer 22:3; Mik 6:8; Zak 8:16
h Mik 2:2
i Lev 19:36; IzA 11:1; Amo 8:5; Mik 6:10, 11

**Uhla 2**
a Eks 30:13
b Lev 2:1
c Lev 1:10
d Lev 3:1
e Lev 1:4; Lev 6:30; Heb 9:22
f Eks 30:14
g 1Kr 16:2; 2Kr 30:24
h 1Kh 8:64
i 2Kr 35:7
j Isay 66:23
k Dut 16:16; 2Kr 8:12, 13; 2Kr 31:3

nele sithwale ingxenye eyo-
dwa kweziyishumi zehomere,*
isikali se-efa kufanele sithwale
ingxenye eyodwa kweziyishu-
mi zehomere. Ihomere kuyoba
yilo elisetshenziselwa ukuka-
la. **12** Ishekeli*[a] kufanele libe
amagera* angu-20. Amasheke-
li angu-20 kanye namasheke-
li angu-25 kanye namashekeli
angu-15 ayokwakha imane# eli-
lodwa.’
**13** “‘Yilo umnikelo okufane-
le niwunikele: ingxenye eyo-
dwa kweziyisithupha ze-efa ze-
homere likakolweni ngalinye,
ingxenye eyodwa kweziyisithu-
pha ze-efa ehomereni lebha-
li ngalinye. **14** Isabelo sama-
futha kufanele sisekelwe esika-
lini sebhathi. Ibhathi liyingxe-
nye eyodwa kweziyishumi ze-
khora,* amabhathi ayishumi
ayihomere, ngenxa yokuthi
amabhathi ayishumi alingana
nehomere. **15** Emhlanjini we-
zimvu wemfuyo ka-Israyeli ku-
fanele kukhishwe imvu eyo-
dwa eqoqweni lezimvu ezingu-
200. Ziyoba ezomnikelo woku-
dla okusanhlamvu,[b] umnikelo
oshiswayo ophelele[c] nemihla-
tshelo ehlanganyelwayo[d] uku-
ze kwenzelwe abantu isihlawu-
lelo,’[e] kusho iNkosi EnguMbusi
uJehova.
**16** “‘Bonke abantu bezwe
bayokhipha lo mnikelo[f] ba-
wunike isikhulu sakwa-Israye-
li. **17** Kodwa isikhulu siyokhi-
pha iminikelo eshiswayo ephe-
lele,[g] umnikelo wokudla okusa-
nhlamvu[h] nomnikelo ophuzwa-
yo ngemikhosi,[i] ngokwethwasa
kwenyanga, ngamaSabatha,[j]
nangayo yonke imikhosi emisi-
we yendlu ka-Israyeli.[k] Yiso-
na esiyolungiselela umnikelo

**45:12** #Noma, “umina.” Bheka iSithasi-
selo B14.

wesono, umnikelo wokudla
okusanhlamvu, umnikelo oshi-
swayo ophelele nemihlatshelo
ehlanganyelwayo ukuze senze-
le indlu ka-Israyeli isihlawule-
lo.’
**18** “Yilokhu iNkosi Engu-
Mbusi uJehova ekushoyo:
‘Ngenyanga yokuqala, ngosu-
ku lokuqala lwenyanga, ku-
fanele uthathe inkunzi ese-
ncane ephile kahle emhlanji-
ni wezinkomo, uhlanze indlu
engcwele esonweni.[a] **19** Um-
pristi uyothatha elinye igazi lo-
mnikelo wesono alibhece ensi-
keni yomnyango wethempe-
li,[b] emakhoneni amane onqe-
nqema oluzungezile lwe-alta-
re nasensikeni yomnyango we-
sango legceke elingaphakathi.
**20** Yilokho oyokwenza ngosu-
ku lwesikhombisa lwenyanga
ngenxa yanoma ubani owona
ngephutha noma ngenxa yoku-
ngazi;[c] kufanele wenzele ithe-
mpeli isihlawulelo.[d]
**21** “‘Ngenyanga yokuqala,
ngosuku luka-14 lwenyanga, ni-
yogcina umkhosi wePhasika.[e]
Kufanele kudliwe isinkwa esi-
ngenamvubelo izinsuku eziyi-
sikhombisa.[f] **22** Ngalolo suku
isikhulu siyolungiselela inku-
nzi esencane ibe umnikelo we-
sono, ngenxa yaso ngokwaso
nangenxa yabo bonke abantu
bezwe.[g] **23** Ngezinsuku eziyi-
sikhombisa siyolungiselela izi-
nkunzi ezisencane eziyisikho-
mbisa eziphile kahle nezinqa-
ma eziyisikhombisa eziphile
kahle nsuku zonke ezinsukwini
eziyisikhombisa kube umnike-
lo oshiswayo ophelele oya ku-
Jehova,[h] kanye nempongo ibe
umnikelo wesono usuku nga-
lunye. **24** Kufanele silungise-
lele ne-efa libe umnikelo wo-
kudla okusanhlamvu wenkunzi
esencane ngayinye, ne-efa le-
nqama ngayinye kanye nehini*
lamafutha le-efa ngalinye.
**25** “‘Ngenyanga yesikho-
mbisa, ngosuku luka-15 lwe-
nyanga, izinsuku eziyisikho-
mbisa phakathi nomkhosi,[a]
kufanele silungiselele umnike-
lo wesono ofanayo, umnikelo
oshiswayo ophelele, umnikelo
wokudla okusanhlamvu nama-
futha.’”

**46** “Yilokhu iNkosi Engu-
Mbusi uJehova ekusho-
yo: ‘Isango legceke elingapha-
kathi elibheke empumalanga[b]
kufanele lihlale livaliwe[c] izi-
nsuku eziyisithupha zokusebe-
nza,[d] kodwa ngosuku lweSa-
batha nangosuku lokwethwasa
kwenyanga kufanele livulwe.
**2** Isikhulu siyongena ngendle-
la yasemphemeni wesango si-
vela ngaphandle,[e] sime ngase-
nsikeni yomnyango wesango.
Abapristi bayonikela umnike-
lo waso oshiswayo ophele-
le nemihlatshelo yaso ehlanga-
nyelwayo, siyokhothama enda-
weni yokungena yesango bese
siyaphuma. Kodwa isango aku-
fanele livalwe kuze kuhlwe.
**3** Abantu bezwe nabo bayo-
khothama phambi kukaJehova
emnyango walelo sango nga-
maSabatha nangokwethwasa
kwenyanga.[f]
**4** “‘Umnikelo oshiswayo
ophelele isikhulu esiyowuletha
phambi kukaJehova ngosu-
ku lweSabatha kufanele ube
namawundlu angamaduna ayi-
sithupha aphile kahle nenqa-
ma ephile kahle.[g] **5** Umnikelo
wokudla okusanhlamvu kuyo-
ba i-efa* ngenqama nanoma
yini akwazi ukuyinikela ngama-
wundlu angamaduna, kanye ne-
hini* lamafutha nge-efa ngali-
nye.[h] **6** Ngosuku lokwethwasa

**45:24; 46:5** *Bheka iSithasiselo B14.

ISAHL. 45
a Lev 16:16
b Hez 41:21
c Lev 4:27, 28
d Lev 16:20
e Lev 23:5
f Eks 12:18
g Lev 4:13, 14
h Lev 23:8

Uhla 2
a Lev 23:34 Dut 16:13 2Kr 7:8 Zak 14:16

ISAHL. 46
b Hez 40:32
c Hez 44:1, 2
d Eks 20:9
e Hez 44:3
f Hu 81:3 Isay 66:23
g Num 28:9, 10 Hez 45:17
h Hez 46:11

kwenyanga, umnikelo uyoba ne-
nkunzi esencane ephile kahle
yomhlambi, amawundlu ayisi-
thupha angamaduna nenqama;
kufanele kube okuphile kahle.[a]
**7** Kufanele sinikele i-efa nge-
nkunzi esencane libe umnikelo
wokudla okusanhlamvu, sinike-
le i-efa ngenqama, nanoma yini
esikwazi ukuyikhipha ngama-
wundlu angamaduna. Kufanele
sinikele ngehini lamafutha nge-
efa ngalinye.

**8** "'Lapho isikhulu singena,
kufanele singene ngendlela ya-
semphemeni wesango siphinde
siphume ngayo.[b] **9** Lapho aba-
ntu bezwe beza phambi ku-
kaJehova ngezikhathi zemikho-
si,[c] labo abangena ngesango la-
senyakatho ukuze bazokhonza[d]
kufanele baphume ngesango
laseningizimu,[e] labo abangena
ngesango laseningizimu kufane-
le baphume ngesango lasenya-
katho. Akekho okufanele aphi-
ndele emuva ngendlela yesango
angene ngalo, kufanele baphu-
me ngesango elibhekene nabo.
**10** Isikhulu esiphakathi kwa-
bo kufanele singene lapho be-
ngena, siphume lapho bephu-
ma. **11** Ngezikhathi* zemikho-
si umnikelo wokudla okusanhla-
mvu kufanele ube i-efa ngenku-
nzi esencane, ube i-efa ngenqa-
ma nanoma yini esikwazi uku-
yinikela ngamawundlu angama-
duna, kanye nehini lamafutha
nge-efa ngalinye.[f]

**12** "'Uma isikhulu siletha
umnikelo oshiswayo ophele-
le[g] noma imihlatshelo ehlanga-
nyelwayo ukuze ibe umnikelo
wokuzithandela oya kuJehova,
siyovulelwa isango elibheke
empumalanga, siyoletha umni-
kelo waso oshiswayo ophele-
le nemihlatshelo yaso ehlanga-
nyelwayo njengoba nje senza
ngosuku lweSabatha.[a] Ngemva
kokuba sesiphumile, kufanele
kuvalwe isango.[b]

**13** "'Nsuku zonke, kufanele
ulethe iwundlu leduna eliphi-
le kahle elingakawuqedi unya-
ka, libe umnikelo oshiswayo
oya kuJehova.[c] Lokhu kufa-
nele ukwenze njalo ekuseni.
**14** Njalo ekuseni, kufanele ule-
the kanye nalo okwesithupha
kwe-efa kube umnikelo woku-
dla okusanhlamvu, kanye no-
kwesithathu kwehini lamafutha
ukuze kufafazwe kufulawa oco-
lekile njengomnikelo wokudla
okusanhlamvu owenziwa njalo
oya kuJehova. Lona umthetho
oyohlala phakade. **15** Kumele
balethe iwundlu leduna, umni-
kelo wokudla okusanhlamvu ka-
nye namafutha njalo ekuseni
kube umnikelo oshiswayo ophe-
lele owenziwa njalo.'

**16** "Yilokhu iNkosi Engu-
Mbusi uJehova ekushoyo:
'Uma isikhulu sipha ngayinye
yamadodana aso indawo ukuze
ibe yifa layo, iyoba indawo ya-
madodana aso. Iyindawo yawo
ayizuze njengefa. **17** Kodwa
uma sikhipha isipho efeni laso
sinika enye yezinceku zaso, si-
yoba ngesayo kuze kube unya-
ka wenkululeko;[d] ngemva kwa-
lokho siyobuyela esikhulwini.
Yifa lamadodana aso kuphe-
la eliyoba ngelawo unomphela.
**18** Isikhulu akufanele sithathe
ifa labantu ngokubaphoqa uku-
ba baphume endaweni yabo.
Amadodana aso kufanele siwa-
nike ifa elivela endaweni yaso,
ukuze kungabi bikho muntu
osuswa endaweni yakhe kuba-
ntu bami.'"

**19** Yangingenisa ngendlela
engenayo[e] eyayiseceleni kwe-
sango eliholela emagunjini

---

**46:11** *NgesiHebheru, "Ngezikhathi nangezinkathi."

ISAHL. 46
a Num 28:11-15
b Hez 46:2
c Eks 23:14; Dut 16:16
d Hez 40:20
e Hez 40:24
f Hez 45:21, 24; Hez 46:6, 7
g Lev 1:3

Uhla 2
a Hez 45:17
b Hez 46:1, 2
c Eks 29:38; Num 28:3, 5
d Lev 25:10
e Hez 42:9

okudlela angcwele abapristi
ayebheke enyakatho,[a] ngila-
pho ngabona indawo ngemu-
va ngasohlangothini olungase-
ntshonalanga. **20** Yathi kimi:
“Lena indawo abapristi abazo-
bilisela kuyo umnikelo wecala
nomnikelo wesono nalapho be-
zobhakela khona umnikelo wo-
kudla okusanhlamvu,[b] ukuze
bangathwali lutho baluyise
egcekeni elingaphandle badlu-
lisele ubungcwele* kubantu.”[c]
**21** Yangikhiphela egceke-
ni elingaphandle yangidluli-
sa emakhoneni amane egceke,
ngabona igceke ekhoneni nga-
linye legceke elingaphandle.
**22** Emakhoneni amane egce-
ke kwakukhona amagceke
amancane, eyizingalo* ezingu-
40 ubude nezingalo ezingu-30
ububanzi. Womane ayelingana.
**23** Kwakunonqenqema* olwa-
luwazungezile womane, nga-
phansi konqenqema kwakune-
zindawo ezakhiwe zokubilisa
iminikelo. **24** Ngemva kwalo-
kho yathi kimi: “Lezi izindlu
izikhonzi zasethempelini ezibi-
lisela kuzo umhlatshelo waba-
ntu.”[d]

**47** Ngemva kwalokho yangi-
letha emnyango wethe-
mpeli,[e] ngilapho ngabona ama-
nzi egelezela ngasempumala-
nga ephuma ngaphansi kwe-
ndawo yokungena yethempe-
li,[f] ingaphambili lethempeli la-
libheke empumalanga. Ama-
nzi ayehla ephuma ngaphansi
ohlangothini lwesokudla lwe-
thempeli, eningizimu ye-altare.
**2** Yabe isingikhiphela nga-
phandle ngendlela yesango la-
senyakatho,[g] yangiyisa esa-
ngweni elibheke empumala-
nga,[a] ngabona amanzi econsa
ohlangothini lwesokudla.
**3** Lapho le ndoda iphu-
ma ngasempumalanga iphethe
umucu wokukala,[b] yakala izi-
ngalo* ezingu-1 000 yangidabu-
lisa emanzini; amanzi ayefika
emaqakaleni.
**4** Yabe isikala ezinye izinga-
lo ezingu-1 000, yangidabulisa
emanzini, amanzi ayefika ema-
dolweni.
Yakala ezinye izingalo ezi-
ngu-1 000, yangidabulisa ema-
nzini, amanzi ayefika ezinqu-
lwini.
**5** Lapho ikala ezinye izinga-
lo ezingu-1 000, amanzi ayese-
wumfula enganingeke ngi-
kwazi ukuhamba kuwo, ngoba
amanzi ayesejule kakhulu ka-
ngangokuba umuntu kwase
kudingeka abhukude kuwo,
umfula owawungaweleki ngezi-
nyawo.
**6** Yangibuza yathi: “Ukubo-
nile lokhu ndodana yomuntu?”
Yabe isingihambisa yangi-
buyisela osebeni lomfudlana.
**7** Lapho ngibuyela, ngabo-
na ukuthi osebeni lomfudlana
kwakunezihlahla eziningi kuzo
zombili izinhlangothi.[c] **8** Ya-
thi kimi: “La manzi ageleze-
la ngasesifundeni esisempu-
malanga, ehle adlule i-Araba*[d]
aze ayongena olwandle. Lapho
engena olwandle,[e] amanzi ayo-
ba mtoti. **9** Izilwane* eziphi-
layo eziswebezelayo ziyokwazi
ukuphila nomaphi lapho la ma-
nzi# egelezela khona. Kuyoba
khona izinhlanzi eziningi ka-
khulu ngoba la manzi ayogele-
zela lapho. Amanzi asolwandle
ayoba mtoti, noma kuphi lapho

**ISAHL. 46**
a Hez 42:1
b Lev 2:4, 5
c Hez 44:19
d 2Kr 35:13

**ISAHL. 47**
e Hez 41:2
f Zak 13:1; Zak 14:8; IsA 22:1
g Hez 40:20

**Uhla 2**
a Hez 40:6; Hez 44:1, 2
b Hez 40:3; IsA 21:15
c IsA 22:1, 2
d Dut 4:47, 49
e Zak 14:8

**46:20** *NgesiHebheru, “bangcwelise.” **46:22; 47:3** *Lokhu kubhekisela engalweni ende. Bheka iSithasiselo B14. **46:23** *Noma, “Kwakunezinhlu.”

**47:8** *Noma, “ithafa eliwugwadule.” **47:9** *Noma, “Imiphefumulo.” #NgesiHebheru, “imifudlana emibili.”

kugelezela khona la manzi yo-
nke into iyophila.
**10** "Abadobi bayoma ecele-
ni kwawo, kusukela e-Eni-gedi[a]
kuze kube se-Eni-egilayimi, la-
pho kuyoba khona igceke lo-
kweneka amanethi okudoba.
Kuyoba khona izinhlobo ezini-
ngi zezinhlanzi, njengezinhla-
nzi zasoLwandle Olukhulu.*[b]
**11** "Luyoba nezindawo ezi-
namanzi amaningi kanye na-
maxhaphozi okungashintshi.
Kuyonikelwa kusawoti.[c]
**12** "Kuyomila zonke izinhlo-
bo zezihlahla zokudla nhlango-
thi zombili zosebe lomfudlana.
Amaqabunga azo ngeke abune;
izithelo zazo ngeke ziyeke uku-
thela. Nyanga zonke ziyothela
izithelo ezintsha ngoba amanzi
aziniselayo ageleza evela endli-
ni engcwele.[d] Izithelo zazo zi-
yoba ukudla namaqabunga azo
abe umuthi wokwelapha."[e]
**13** Yilokhu iNkosi EnguMbu-
si uJehova ekushoyo: "Lena
indawo enizoyaba ibe yizwe eli-
yifa lezizwe ezingu-12 zakwa-
Israyeli, inzalo kaJosefa izo-
ba neziqephu zendawo ezimbi-
li.[f] **14** Liyoba yifa lenu, nitho-
le iziqephu zendawo ezilingana-
yo. Ngafunga ukulinika okho-
kho[g] benu leli zwe, manje selini-
kwe nina* njengefa.
**15** "Lona umngcele wezwe
ohlangothini olusenyakatho:
Usuka oLwandle Olukhulu nge-
ndlela eya eHetiloni[h] ngaseZe-
dadi,[i] **16** eHamati,[j] eBherotha[k]
naseSibirayimi eliphakathi kwe-
Damaseku neHamati, uye eHa-
zeri-hathikhoni, engasemngce-
leni weHawurana.[l] **17** Ngakho
umngcele uzosuka olwandle
uze ufike eHazari-enoni,[m] kanye
nomngcele weDamaseku oya
enyakatho, nomngcele weHama-
ti.[a] Lona umngcele osenyaka-
tho.
**18** "Uhlangothi olusempu-
malanga luphakathi kweHawu-
rana neDamaseku kanye ne-
Jordani phakathi kweGileyadi[b]
nezwe lakwa-Israyeli. Kufane-
le nikale kusukela emngceleni
kuya olwandle olusempumala-
nga.* Lona umngcele osempu-
malanga.
**19** "Umngcele oseningizimu
uzosuka eThamari uye ema-
nzini aseMeribhati-kadeshi,[c]
bese uya eMhosheni* nasoLwa-
ndle Olukhulu.[d] Lona umngce-
le oseningizimu.
**20** "Ohlangothini olusentshonalanga kunoLwandle
Olukhulu, kusukela emngce-
leni kuze kufike endaweni
emaqondana neLebo-hamati.*[e]
Lona umngcele osentshonala-
nga."
**21** "Kufanele nihlukanisela-
ne lona leli zwe, nilihlukani-
se phakathi kwezizwe ezingu-
12 zakwa-Israyeli. **22** Kufane-
le nizabele lona libe yifa
lenu nelezifiki ezihlala phaka-
thi kwenu, ezizale izingane zi-
sahlala phakathi kwenu; zi-
yofana nama-Israyeli okuza-
lwa kini. Ziyothola ifa pha-
kathi kwezizwe zakwa-Israyeli
kanye nani. **23** Kufanele nini-
ke oyisifiki ifa endaweni yesi-
zwe ahlala kuyo," kusho iNko-
si EnguMbusi uJehova.

# 48
"Yilawa amagama ezi-
zwe, kusukela emkhawu-
lweni osenyakatho: Indawo ka-
Dani[f] igudla indlela yaseHetilo-
ni iye eLebo-hamati*[g] eHazari-

ISAHL. 47
a Jos 15:20, 62; 2Kr 20:2
b Num 34:2, 6
c Dut 29:22, 23; Hu 107:33, 34; Jer 17:6
d Hez 47:1
e IsA 22:1, 2
f Gen 48:5; 1Kr 5:1; Hez 48:5
g Gen 26:3; Gen 28:13
h Hez 48:1
i Num 34:2, 8
j Num 13:21
k 2Sa 8:8
l Hez 47:18
m Num 34:2, 9

Uhla 2
a Hez 48:1
b Num 32:1
c Dut 32:51
d Hez 48:28
e Num 34:2, 8

ISAHL. 48
f Jos 19:40
g Num 34:2, 8

**47:10** *Okuwukuthi, iMedithera. **47:14** *NgesiHebheru, "seliwele kini."
**47:18** *Okuwukuthi, uLwandle Olufile. **47:19** *Okuwukuthi, uMhosha WaseGibhithe. **47:20** *Noma, "nasekuqaleni kweHamati." **48:1** *Noma, "ekuqaleni kweHamati."

enani, ingasemngceleni weDa-
maseku ngasenyakatho, ecele-
ni kweHamati;[a] isuka nasem-
ngceleni osempumalanga iye
kosentshonalanga. **2** Indawo
ka-Asheri[b] isemngceleni kaDa-
ni, kusukela emngceleni ose-
mpumalanga kuya emngceleni
osentshonalanga. **3** Indawo
kaNafetali[c] isemngceleni ka-
Asheri, kusukela emngceleni
osempumalanga kuya emngce-
leni osentshonalanga. **4** Inda-
wo kaManase[d] isemngceleni
kaNafetali, kusukela emngce-
leni osempumalanga kuya em-
ngceleni osentshonalanga.
**5** Indawo ka-Efrayimi isem-
ngceleni kaManase,[e] kusuke-
la emngceleni osempumalanga
kuya emngceleni osentsho-
nalanga. **6** Indawo kaRubeni
isemngceleni ka-Efrayimi,[f] ku-
sukela emngceleni osempuma-
langa kuya emngceleni ose-
ntshonalanga. **7** Indawo ka-
Juda isemngceleni kaRubeni,[g]
kusukela emngceleni osempu-
malanga kuya emngceleni ose-
ntshonalanga. **8** Emngceleni
kaJuda, kusukela emngceleni
osempumalanga kuya emngce-
leni osentshonalanga, umnike-
lo okufanele niwuhlukanise ku-
fanele ube izingalo* ezingu-
25000 ububanzi,[h] ulingane no-
bude bezinye izabelo zesizwe
ukusuka emngceleni osempu-
malanga kuya emngceleni ose-
ntshonalanga. Indlu engcwele
iyoba maphakathi nawo.

**9** “Umnikelo okufanele ni-
wuhlukanisele uJehova uyoba
izingalo ezingu-25 000 ubude
nezingalo ezingu-10 000 ububa-
nzi. **10** Lona kuyoba umnike-
lo ongcwele wabapristi.[i] Uyo-
ba izingalo ezingu-25 000 ohla-
ngothini olusenyakatho, ube
izingalo ezingu-10 000 koluse-
ntshonalanga, ube izingalo ezi-
ngu-10 000 kolusempumalanga,
nezingalo ezingu-25 000 ko-
luseningizimu. Indlu kaJeho-
va engcwele iyoba maphaka-
thi nawo. **11** Uyoba ngowa-
bapristi abangcwelisiwe ema-
dodaneni kaZadoki,[a] labo aba-
zifeza izibopho engangibanike
zona, abangazange baphambu-
ke lapho ama-Israyeli nama-
Levi ephambuka.[b] **12** Bayoba
nengxenye yomnikelo wezwe
ehlukaniswe yaba into engcwe-
lengcwele, emngceleni wama-
Levi.

**13** “Eceleni nje kwendawo
yabapristi, amaLevi ayoba ne-
ngxenye eyizingalo ezingu-
25 000 ubude nezingu-10 000
ububanzi. (Sebubonke ubu-
de buyoba izingalo ezingu-
25 000 nezingu-10 000 ububa-
nzi.) **14** Akufanele bathengi-
se, bashintshiselane, badluli-
se noma iyiphi ingxenye ye-
zwe enhle kakhulu ngoba iyi-
nto engcwele kuJehova.

**15** “Indawo esele eyizinga-
lo ezingu-5 000 ububanzi ecele-
ni komngcele oyizingalo ezingu-
25 000 iyosetshenziswa abantu
abavamile edolobheni,[c] bayise-
benzisele ukuhlala nokuthi ibe
idlelo lemfuyo. Idolobha liyoba
maphakathi nayo.[d] **16** Lezi izi-
linganiso zedolobha: Umngcele
osenyakatho uyizingalo ezi-
ngu-4 500, umngcele oseningi-
zimu ungezingu-4 500, umngce-
le osempumalanga ungezingu-
4 500, nomngcele osentshonala-
nga ungezingu-4 500. **17** Idle-
lo ledolobha liyoba izingalo
ezingu-250 ukuya enyakatho,
ezingu-250 ukuya eningizimu,
ezingu-250 ukuya empumala-
nga nezingu-250 ukuya entsho-
nalanga.

48:8 *Lokhu kubhekisela engalweni ende. Bheka iSithasiselo B14.

ISAHL. 48
a Hez 47:15-17
b Jos 19:24
c Jos 19:32
d Jos 13:29
e Jos 17:17, 18
f Jos 18:7
g Jos 15:1; Jos 19:9
h Hez 45:1
i Num 35:2; Hez 45:3, 4

Uhla 2
a Hez 40:46; Hez 44:15
b Jer 23:11; Hez 22:26
c Hez 45:6
d Hez 48:35

**18** “Ubude bendawo ese-
le buyolingana nomnikelo
ongcwele,[a] izingalo ezingu-
10 000 ukuya empumalanga ne-
zingalo ezingu-10 000 ukuya
entshonalanga. Iyolingana no-
mnikelo ongcwele, umkhiqizo
wayo uyonika abasebenza edo-
lobheni ukudla. **19** Labo aba-
sebenza edolobheni abavela
kuzo zonke izizwe zakwa-Isra-
yeli bayoyilima.[b]
**20** “Usuwonke umnikelo uyi-
sikwele esiyizingalo ezingu-
25 000. Kufanele uwuhlukanise
ube umnikelo ongcwele kanye
nefa ledolobha.
**21** “Okusele kuzo zombi-
li izinhlangothi zomnikelo
ongcwele nezefa ledolobha ku-
yoba okwesikhulu.[c] Kuyoba se-
celeni kwemingcele eyizingalo
ezingu-25 000 esempumalanga
nasentshonalanga yomnikelo.
Kuyolingana nezingxenye ezi-
seceleni futhi kuyoba okwesi-
khulu. Umnikelo ongcwele ne-
ndlu engcwele yethempeli ku-
yoba maphakathi nakho.
**22** “Ifa lamaLevi nefa ledo-
lobha liyoba phakathi kwalo-
kho okungokwesikhulu. Inda-
wo yesikhulu iyoba phakathi
komngcele kaJuda[d] nomngcele
kaBhenjamini.
**23** “Ngokuqondene nezizwe
ezisele, ingxenye kaBhenjamini
isuka emngceleni osempumala-
nga iye emngceleni osentshona-
langa.[e] **24** Ingxenye kaSime-
yoni ingasemngceleni kaBhenja-
mini,[f] kusukela emngceleni ose-
mpumalanga kuya emngcele-
ni osentshonalanga. **25** Ingxe-
nye ka-Isakare[g] ingasemngce-
leni kaSimeyoni, kusukela em-
ngceleni osempumalanga kuya
emngceleni osentshonalanga.
**26** Ingxenye kaZebhuloni[h] inga-
semngceleni ka-Isakare, kusu-
kela emngceleni osempumala-
nga kuya emngceleni osentsho-
nalanga.[a] **27** Ingxenye kaGa-
di ingasemngceleni kaZebhulo-
ni,[b] kusukela emngceleni ose-
mpumalanga kuya emngceleni
osentshonalanga. **28** Umngce-
le oseningizimu ongasemngce-
leni kaGadi uyosuka eThama-
ri[c] uye emanzini aseMeribhati-
kadeshi,[d] uye eMhosheni*[e] uze
uyofika oLwandle Olukhulu.#
**29** “Yileli izwe okuyofanele
nilabe libe yifa ezizweni zakwa-
Israyeli,[f] lezi kuyoba izingxenye
zazo,”[g] kusho iNkosi EnguMbu-
si uJehova.
**30** “Lezi kuyoba izindawo
zokuphuma edolobheni: Uhla-
ngothi olusenyakatho luyoba
izingalo ezingu-4 500.[h]
**31** “Amasango edolobha ayo-
qanjwa ngokwezizwe zakwa-
Israyeli. Emasangweni amatha-
thu asenyakatho, kunesango li-
kaRubeni, elinye elikaJuda, eli-
nye elikaLevi.
**32** “Uhlangothi olusempu-
malanga luyoba izingalo ezi-
ngu-4 500 ubude, kunamasa-
ngo amathathu: elinye elikaJo-
sefa, elinye elikaBhenjamini,
elinye elikaDani.
**33** “Uhlangothi oluseningi-
zimu luyoba izingalo ezingu-
4 500, lube namasango amatha-
thu: elinye isango elikaSimeyo-
ni, elinye elika-Isakare, elinye
elikaZebhuloni.
**34** “Uhlangothi olusentsho-
nalanga luyoba izingalo ezi-
ngu-4 500 ubude, lube namasa-
ngo amathathu: elinye isango
elikaGadi, elinye elika-Asheri,
elinye elikaNafetali.
**35** “Selilonke ibanga elizu-
ngeze idolobha liyoba izingalo
ezingu-18 000. Igama ledolobha
kusukela ngalolo suku kuyothi-
wa uJehova Ulapho.”[i]

---

**48:28** *Okuwukuthi, uMhosha WaseGibhithe. #Okuwukuthi, iMedithera.

**ISAHL. 48**
a Hez 45:1
b Hez 45:6
c Hez 45:7
d Hez 48:8
e Jos 18:11
f Jos 19:1
g Jos 19:17
h Jos 19:10

**Uhla 2**
a Gen 49:13
b Jos 18:7
c Hez 47:19
d Num 20:13
e Gen 15:18
f Num 34:2
g Hez 47:13
h Hez 48:16
i Jer 3:17
Jow 3:21
Zak 2:10

# UDANIYELI

## UHLU LOKUPHAKATHI


1 IJerusalema livinjezelwe iBhabhiloni (1, 2)
Ukuqeqeshwa okukhethekile kwentsha yasebukhosini eyizithunjwa (3-5)
Ukwethembeka kwamaHebheru amane kuyavivinywa (6-21)

2 INkosi uNebukhadinezari iphupha iphupho eliyikhathazayo (1-4)
Akekho emadodeni ahlakaniphile okwaziyo ukusho iphupho (5-13)
UDaniyeli ucela usizo kuNkulunkulu (14-18)
Ukudumisa uNkulunkulu ngokwembula imfihlo (19-23)
UDaniyeli utshela inkosi iphupho (24-35)
Incazelo yephupho (36-45)
Itshe eliwumbuso lizophihliza isithombe (44, 45)
Inkosi idumisa uDaniyeli (46-49)

3 Isithombe segolide seNkosi uNebukhadinezari (1-7)
Uyala ukuba kukhulekelwe isithombe (4-6)
AmaHebheru amathathu asolwa ngokungalaleli (8-18)
"Ngeke sibakhonze onkulunkulu bakho" (18)
Ukuphonswa esithandweni somlilo (19-23)
Ukukhululwa ngokuyisimangaliso emlilweni (24-27)
Inkosi idumisa uNkulunkulu wamaHebheru (28-30)

4 INkosi uNebukhadinezari iqaphela ubukhosi bukaNkulunkulu (1-3)
Iphupho lenkosi mayelana nesihlahla (4-18)
Kuzodlula izikhathi eziyisikhombisa isihlahla siwile (16)
UNkulunkulu unguMbusi wabantu (17)
UDaniyeli uchaza iphupho (19-27)
Ukugcwaliseka kokuqala kwenzeka enkosini (28-36)
Inkosi ihanjelwa yingqondo izikhathi eziyisikhombisa (32, 33)
Inkosi ikhazimulisa uNkulunkulu wezulu (37)

5 Idili leNkosi uBhelishazari (1-4)
Umbhalo wesandla odongeni (5-12)
UDaniyeli ucelwa ukuba achaze umbhalo (13-25)
Incazelo: IBhabhiloni lizowa (26-31)

6 Izikhulu zasePheresiya zakhela uDaniyeli uzungu (1-9)
UDaniyeli uyaqhubeka ethandaza (10-15)
UDaniyeli uphonswa emgodini wamabhubesi (16-24)
INkosi uDariyu ihlonipha uNkulunkulu kaDaniyeli (25-28)

7 Umbono wezilo ezine (1-8)
Uphondo oluncane oluqhoshayo luyavela (8)
OMdala Wezinsuku uvula inkantolo (9-14)
Indodana yomuntu iba yinkosi (13, 14)
UDaniyeli utshelwa incazelo (15-28)
Izilo ezine zingamakhosi amane (17)
Abangcwele bazothola umbuso (18)
Kuzovela izimpondo eziyishumi noma amakhosi (24)

8 Umbono wenqama nempongo (1-14)
Uphondo oluncane luyaziphakamisa (9-12)
Kuze kube izikhathi zokuhlwa nokusa ezingu-2 300 (14)
UGabriyeli uchaza umbono (15-27)
Incazelo yenqama nempongo (20, 21)
Inkosi enolaka iyama (23-25)

9 Umthandazo kaDaniyeli wokuvuma izono (1-19)
Iminyaka engu-70 yencithakalo (2)
UGabriyeli uza kuDaniyeli (20-23)
Ukubikezelwa kwamasonto angu-70 ayisiprofetho (24-27)
UMesiya uyobonakala ngemva kwamasonto angu-69 (25)
UMesiya uzonqunywa (26)
Idolobha nendawo engcwele kuzobhujiswa (26)

10 Kufika isithunywa esivela kuNkulunkulu kuDaniyeli (1-21)
UMikayeli usiza ingelosi (13)

11 Inkosi yasePheresiya neyaseGrisi (1-4)
Amakhosi aseningizimu nawasenyakatho (5-45)

Kuyovuka owaba umsebenzi (20)
UMholi wesivumelwano uphihliziwe (22)
Unkulunkulu wezinqaba uyakhazinyuliswa (38)
Ukungqubuzana kwenkosi yaseningizimu nenkosi yasenyakatho (40)
Imibiko ephazamisayo evela empumalanga nasenyakatho (44)

12 "Isikhathi sokuphela" nangale kwaso (1-13)
UMikayeli uyokuma (1)
Abahlakaniphile bayokhanya kakhulu (3)
Ulwazi lweqiniso luyoba luningi (4)
UDaniyeli uyosukuma ukuze athole isabelo sakhe (13)

**1** Ngonyaka wesithathu wokubusa kukaJehoyakimi[a] inkosi yakwaJuda, uNebukhadinezari inkosi yaseBhabhiloni weza eJerusalema walivimbezela.[b] **2** Ngemva kwesikhathi uJehova wanikela esandleni sakhe uJehoyakimi inkosi yakwaJuda[c] kanye nezinye zezitsha zendlu* kaNkulunkulu weqiniso, waziletha ezweni laseShinari#[d] endlini△ kankulunkulu wakhe. Wazibeka endlini yokugcina ingcebo kankulunkulu wakhe.[e]

**3** Khona-ke inkosi yatshela u-Ashipenazi, isikhulu sayo segceke esiyinhloko, ukuba alethe abathile bakwa-Israyeli,* ngokukhethekile labo basebukhosini nabazalwa yizicukuthwane.[f] **4** Kwakufanele kube yintsha* engenasici, ebukeka kahle, ehlakaniphile, enolwazi, enokuqonda[g] nezokwazi ukukhonza esigodlweni senkosi. Wayezoyifundisa ulimi lwamaKhaledi nendlela yokulubhala. **5** Ngaphezu kwalokho, inkosi yabela le ntsha isabelo sansuku zonke sezibiliboco zayo newayini layo. Yayizoqeqeshwa* iminyaka emithathu, ekupheleni kwayo yayizoqala ukukhonza inkosi.

**6** Manje phakathi kwayo kwakunabathile besizwe sakwaJuda:* uDaniyeli,#[a] uHananiya,△ uMishayeli⊠ no-Azariya.□[b] **7** Isikhulu segceke esiyinhloko sabaqamba amagama;* uDaniyeli samqamba igama elithi uBheliteshazari,[c] uHananiya samqamba ngokuthi uShadiraki, uMishayeli sathi uMeshaki, kwathi u-Azariya sathi u-Abhedinego.[d]

**8** Kodwa uDaniyeli wanquma enhliziyweni yakhe ukuthi wayengeke azingcolise ngezibiliboco zenkosi nangewayini layo. Ngakho wacela imvume esikhulwini segceke esiyinhloko ukuba angazingcolisi ngalezi zinto. **9** UNkulunkulu weqiniso wenza ukuba isikhulu segceke esiyinhloko simbonise umusa nesihe uDaniyeli.[e] **10** Kodwa isikhulu segceke esi-

ISAHL. 1
a 2Kr 36:4; Jer 22:18, 19; Jer 36:30
b Dut 28:49, 50; 2Kh 24:1; 2Kr 36:5, 6
c Isay 42:24
d Gen 10:9, 10
e 2Kr 36:7; Ezr 1:7
f 2Kh 20:16, 18
g Dan 1:17, 20; Dan 5:11, 12

Uhla 2
a Dan 2:48; Dan 5:13, 29
b Dan 2:17, 18
c Dan 4:8; Dan 5:12
d Dan 2:49; Dan 3:12, 28
e 1Kh 8:49, 50; Hu 106:44, 46

**1:2** *Noma, "zethempeli." #Okuwukuthi, eBhabhiloni. △Noma, "ethempelini." **1:3** *NgesiHebheru, "emadodaneni akwa-Israyeli." **1:4** *NgesiHebheru, "yizingane."

**1:5** *Noma kungaba, "Yayizonakekelwa." **1:6** *NgesiHebheru, "emadodaneni akwaJuda." #Incazelo: "UMahluleli Wami NguNkulunkulu." △Incazelo: "UJehova Ubonise Umusa." ⊠Cishe okusho ukuthi "Ubani OnjengoNkulunkulu?" □Incazelo: "UJehova Usizile." **1:7** *Okuwukuthi, amagama aseBhabhiloni.

yinhloko sathi kuDaniyeli: “Ngi-
yayesaba inkosi yami enabele
ukudla neziphuzo. Ngizokwe-
nzenjani uma inibona nibuke-
ka nizacile uma niqhathani-
swa nenye intsha* engontanga
yenu? Nizongenza ngibe# neca-
la enkosini.” **11** Kodwa uDa-
niyeli wakhuluma nomqaphi
owayebekwe yisikhulu segceke
esiyinhloko phezu kukaDaniye-
li, uHananiya, uMishayeli no-
Azariya wathi: **12** “Sicela uvi-
vinye izinceku zakho izinsu-
ku eziyishumi, masinikwe imifi-
no ukuba sidle namanzi ukuba
siphuze; **13** bese uqhathanisa
ukubukeka kwethu nokubuke-
ka kwentsha* edla izibiliboco
zenkosi, bese wenza lokho oku-
bonayo ezincekwini zakho.”

**14** Ngakho wavumelana na-
lokho ababekucela, wabavivinya
izinsuku eziyishumi. **15** Eku-
pheleni kwezinsuku eziyishu-
mi babebukeka kangcono fu-
thi bebukeka benempilo* kuna-
yo yonke enye intsha# eyayidla
izibiliboco zenkosi. **16** Ngakho
umqaphi wayezithatha izibilibo-
co zabo newayini labo abanike
imifino. **17** UNkulunkulu weqi-
niso wanika laba bafana aba-
ne* ulwazi nokuqonda zonke izi-
ndlela zokubhala nokuhlakani-
pha; uDaniyeli wenziwa ukuba
aqonde zonke izinhlobo zemibo-
no namaphupho.[a]

**18** Ekupheleni kwaleso si-
khathi inkosi eyayithe maba-
ngeniswe ngaso,[b] isikhulu se-
gceke esiyinhloko sabaletha
kuNebukhadinezari. **19** La-
pho inkosi ikhuluma nabo,
akekho kulo lonke lelo qe-
mbu owatholakala efana no-
Daniyeli, uHananiya, uMishaye-
li no-Azariya;[a] baqhubeka be-
khonza inkosi. **20** Kuzo zonke
izindaba ezazidinga ukuhlaka-
nipha nokuqonda inkosi eya-
yibabuza ngazo, yabathola be-
hlakaniphe ngokuphindwe ka-
yishumi kunabo bonke abapri-
sti abenza imilingo nabalu-
mbi[b] ababekuwo wonke umbu-
so wayo. **21** UDaniyeli waqhu-
beka ehlala lapho kwaze kwaba
unyaka wokuqala weNkosi uKo-
resi.[c]

# 2

Ngonyaka wesibili wokubusa
kwakhe, uNebukhadinezari
waphupha amaphupho amani-
ngi, wakhathazeka*[d] kangango-
kuthi akakwazanga ukulala.
**2** Ngakho inkosi yayala uku-
ba kubizwe abapristi abenza
imilingo, abalumbi, abathakathi
namaKhaledi* ukuze batshele
inkosi amaphupho ayo. Ngakho
bangena bama phambi kwenko-
si.[e] **3** Inkosi yathi kubo: “Ku-
nephupho engiliphuphile, futhi
ngikhathazekile* ngoba ngifu-
na ukwazi ukuthi ngiphupheni.”
**4** AmaKhaledi aphendula inko-
si ngolimi lwesi-Aramu athi:*[f]
“O nkosi, kwangathi ungaphila
kuze kube phakade. Tshela izi-
nceku zakho iphupho, thina si-
zosho incazelo yalo.”

**5** Inkosi yaphendula yathi
kumaKhaledi: “Yilesi isinqumo
sami: Uma ningangitsheli iphu-
pho nencazelo yalo, nizohla-
hlelwa futhi izindlu zenu zizo-
phendulwa izindawo zangasese

ISAHL. 1
a Dan 1:20; Dan 4:9; Dan 5:11, 12
b Dan 1:5

Uhla 2
a Dan 1:3, 6
b Dan 2:2; Dan 4:7; Dan 5:8
c Dan 6:28; Dan 10:1

ISAHL. 2
d Dan 4:4, 5
e Dan 4:6, 7; Dan 5:7, 8
f 2Kh 18:26; Ezr 4:7; Isay 36:11

**1:10** *NgesiHebheru, “nezinye izingane.” #NgesiHebheru, “Nizokwenza ikhanda lami libe.” **1:13** *NgesiHebheru, “kwezingane.” **1:15** *NgesiHebheru, “futhi bondlekile.” #NgesiHebheru, “ezinye izingane.” **1:17** *NgesiHebheru, “lezi zingane ezine.”

**2:1** *NgesiHebheru, “umoya wakhe wakhathazeka.” **2:2** *Okuwukuthi, iqembu labantu abanekhono lokubhula nokuhlola ngezinkanyezi. **2:3** *NgesiHebheru, “umoya wami ukhathazekile.” **2:4** *Incwadi kaDan 2:4b kuya ku-7:28 yayibhalwe ngesi-Aramu ekuqaleni.

zomphakathi.* **6** Kodwa uma
nisho iphupho nencazelo yalo,
ngizoninika izipho nomvu-
zo nodumo olukhulu.[a] Ngakho
ngitsheleni iphupho nencazelo
yalo.”

**7** Aphendula okwesibili athi:
“Inkosi mayitshele izinceku
zayo iphupho, thina sizosho
incazelo yalo.”

**8** Inkosi yaphendula yathi:
“Ngazi kahle ukuthi nizama uku-
qhuba isikhathi, ngoba niyazi
ukuthi nginqumeni. **9** Uma ni-
ngangitsheli iphupho, isigwebo
senu nonke sinye kuphela. Ko-
dwa nivumelene ngokungitshela
amanga nokungikhohlisa, nge-
themba lokuthi ngizoshintsha
umqondo. Ngakho ngitsheleni
iphupho, khona-ke ngizokwazi
ukuthi ningangitshela nencaze-
lo yalo.”

**10** AmaKhaledi aphendula
inkosi, athi: “Akukho muntu
emhlabeni* okwazi ukwenza
lokho inkosi ekufunayo, ngoba
akukho nkosi enkulu nambu-
si owake wacela into enjengale
kunoma yimuphi umpristi owe-
nza imilingo noma umlumbi
noma umKhaledi. **11** Le nto
ecelwa yinkosi inzima, ake-
kho umuntu ongayitshela inko-
si ngaphandle konkulunkulu,
abangahlali phakathi kwaba-
ntu.”

**12** Ngenxa yalokhu inkosi
yathukuthela kakhulu, yayala
ukuba kubulawe bonke abantu
abahlakaniphile baseBhabhilo-
ni.[b] **13** Lapho umyalo usuphu-
mile futhi abantu abahlakani-
phile sebezobulawa, bamfuna
noDaniyeli nabangani bakhe
ukuze babulawe.

**14** Ngaleso sikhathi uDani-
yeli, ngokuhlakanipha nango-
kuqapha wakhuluma no-Ari-
yoki induna yonogada benko-
si, owayesendleleni eyobulala
abantu abahlakaniphile base-
Bhabhiloni. **15** Wabuza u-Ari-
yoki isikhulu senkosi wathi:
“Kungani inkosi ikhiphe umya-
lo ononya kangaka?” Ngakho
u-Ariyoki watshela uDaniye-
li ngale ndaba.[a] **16** Khona-
ke uDaniyeli wangena enkosi-
ni wacela ukuba imnike isikha-
thi ukuze ayitshele incazelo ye-
phupho.

**17** Ngemva kwalokho uDani-
yeli waya endlini yakhe futhi
waxoxela uHananiya, uMisha-
yeli no-Azariya abangani bakhe
ngale ndaba. **18** Wabanxusa
ukuba bathandaze bacele isihe
kuNkulunkulu wezulu ngoku-
phathelene nale mfihlo, ukuze
uDaniyeli nabangani bakhe ba-
ngabulawa kanye nabo bonke
abanye abantu abahlakaniphile
baseBhabhiloni.

**19** Khona-ke ebusuku, le
mfihlo yembulwa kuDaniye-
li embonweni.[b] Ngenxa yalo-
kho uDaniyeli wadumisa uNku-
lunkulu wezulu. **20** UDaniyeli
wathi:

“Igama likaNkulunkulu ma-
lidunyiswe kuze kube
phakade,*
Ngoba ukuhlakanipha na-
mandla kungokwakhe ku-
phela.[c]

**21** Ushintsha izikhathi nezi-
nkathi,[d]
Asuse amakhosi abeke
amakhosi,[e]
Anike abahlakaniphile uku-
hlakanipha, nolwazi kula-
bo abanokuqonda.[f]

**22** Wembula izinto ezijulile ne-
zinto ezifihlakele,[g]
Uyakwazi okusebumnya-
meni,[h]

ISAHL. 2
a Dan 2:48; Dan 5:16, 29
b Dan 2:24

Uhla 2
a Dan 2:9
b Dan 2:28
c 1Kr 29:11; Job 12:13; Hu 147:5; Jer 32:17-19
d IzE 1:7
e 1Sa 2:7, 8; Hu 75:7; Jer 27:5; Dan 4:17
f IzA 2:6; Shu 2:26; Jak 1:5
g Jer 33:3; 1Ko 2:10
h Hu 139:12; Heb 4:13

**2:5** *Noma kungaba, “izindawo zoku-lahla udoti; izindunduma zomquba.”
**2:10** *Noma, “emhlabathini owomile.”
**2:20** *Noma, “kusukela phakade kuze kube phakade.”

Ukukhanya kuhlala kuye.[a]
23 O Nkulunkulu wokhokho
bami, ngiyakubonga futhi
ngiyakudumisa,
Ngoba unginike ukuhlaka-
nipha namandla.
Manje ungazisile lokho esi-
kucele kuwe;
Usazisile indaba ekhathaza
inkosi.”[b]

24 Ngemva kwalokhu uDani-
yeli waya ku-Ariyoki, owayebe-
kwe yinkosi ukuba abulale aba-
ntu abahlakaniphile baseBha-
bhiloni,[c] wathi kuye: “Unga-
bulali muntu kwabahlakaniphi-
le baseBhabhiloni. Ngingenise
phambi kwenkosi, ngizoyitshe-
la incazelo yephupho.”
25 Ngokushesha u-Ariyoki
wamngenisa uDaniyeli phambi
kwenkosi, wathi kuyo: “Ngitho-
le indoda kubantu bakwaJuda
abadingisiwe[d] engatshela inko-
si incazelo.”
26 Inkosi yathi
kuDaniyeli, owayebizwa ngo-
kuthi uBheliteshazari:[e] “Inga-
be ngempela uzokwazi uku-
ngitshela iphupho engiliboni-
le nencazelo yalo?”[f]
27 UDa-
niyeli wayiphendula inkosi wa-
thi: “Akekho phakathi kwaba-
ntu abahlakaniphile, abalu-
mbi, abapristi abenza imi-
lingo nababhula ngezinkanye-
zi ongakwazi ukutshela inko-
si le mfihlo efuna ukuyazi.[g]
28 Kodwa ukhona uNkulunku-
lu emazulwini onguMambuli
wezimfihlo,[h] uyazisile iNkosi
uNebukhadinezari okuyokwe-
nzeka ezinsukwini zokugcina.
Yileli iphupho lakho nemibono
yekhanda lakho njengoba ubu-
lele embhedeni wakho:
29 “O nkosi, emicabangwe-
ni yakho ubone lokho okuyo-
kwenzeka esikhathini esizayo,
uMambuli wezimfihlo ukwazisi-
le okuyokwenzeka.
30 Ngoku-
qondene nami, le mfihlo angi-
yembulelwanga ngoba ngihla-
kaniphe kakhulu kunanoma yi-
muphi umuntu ophilayo; kuna-
lokho, yembulwe kimi ukuze
incazelo yephupho yaziswe
inkosi ukuze wazi imicabango
yenhliziyo yakho.[a]
31 “Wena nkosi ububheki-
le, wabona isizemazema sesi-
thombe.* Leso sithombe, ebesi-
sikhulu futhi sikhanya kakhulu,
besimi phambi kwakho futhi be-
sibonakala sethusa.
32 Ikha-
nda laleso sithombe bekunge-
legolide elihle,[b] isifuba saso
nezingalo zaso kungokwesili-
va,[c] isisu saso namathanga
aso kungokwethusi,[d]
33 imile-
nze yaso kungeyensimbi,[e] izi-
nyawo zaso ziyinsimbi exu-
bene nobumba.*[f]
34 Uqhube-
kile ubuka kwaze kwaqheshu-
lwa itshe, kodwa hhayi ngeza-
ndla zomuntu, lashaya isitho-
mbe ezinyaweni zensimbi nobu-
mba laziphihliza.[g]
35 Ngaleso
sikhathi insimbi, ubumba, ithu-
si, isiliva negolide, konke kuphi-
hliziwe kwaba njengamakhoba
avela esibuyeni sasehlobo, umo-
ya wakuphephula ukuze unga-
tholakali umkhondo wako. Ko-
dwa itshe elishaye isithombe
libe yintaba enkulu lagcwala
umhlaba wonke.
36 “Yileli iphupho, manje si-
zotshela inkosi incazelo yalo.
37 Wena nkosi—nkosi yama-
khosi, enikwe nguNkulunku-
lu wamazulu umbuso,[h] ama-
ndla, izikhwepha nenkazimulo,
38 esandleni sakho unikwe
abantu nomaphi lapho behla-
la khona kanye nezilwane zase-
ndle nezinyoni zamazulu, futhi
ukwenze umbusi phezu kwa-
kho konke[i]—wena ngokwakho
uyikhanda legolide.[j]

ISAHL. 2

a Hu 36:9; Hu 112:4
b Dan 1:17; Dan 2:28
c Dan 2:12, 14
d Dan 1:3, 6
e Dan 1:7
f Gen 41:15
g Dan 2:10, 11
h Gen 40:8; Dan 1:17

Uhla 2

a Dan 2:47
b Dan 2:37, 38; Dan 7:4
c Dan 5:28; Dan 7:5; Dan 8:3, 20
d Dan 2:39; Dan 7:6; Dan 8:5, 21
e Dan 7:7, 19
f Dan 2:40-42
g Dan 2:44, 45
h Jer 28:14; Dan 5:18
i Jer 27:5-7
j Dan 2:32; Dan 4:20-22

---

**2:31** *Noma, “wabona umfanekiso.”
**2:33** *Noma, “nobumba (olubunjiwe) olushisiwe.”

**39** "Ngemva kwakho kuyovela omunye umbuso[a] ongaphansi kunawe; bese kuvela omunye umbuso wesithathu, wethusi, oyobusa phezu komhlaba wonke.[b]

**40** "Ngokuphathelene nombuso wesine, uyoba namandla njengensimbi.[c] Njengoba nje insimbi iphihliza futhi igaya yonke into, yebo, njengensimbi ephihlizayo, uyophihliza futhi uyiqede ngokuphelele yonke le mibuso.[d]

**41** "Njengoba ubonile ukuthi izinyawo nezinzwane beziwubumba lombumbi oluxutshwe nensimbi, lowo mbuso uyohlukana, kodwa ingxenye yawo iyoqina njengensimbi, njengoba nje ubone insimbi ixubene nobumba olumanzi. **42** Njengoba izinzwane zezinyawo beziyinsimbi exubene nobumba, ingxenye yombuso iyoba namandla futhi enye ingxenye ibe buthaka. **43** Njengoba ubone insimbi ixubene nobumba olumanzi, ingxenye enamandla iyoxubana nabantu;* kodwa ngeke banamathelane, omunye komunye, njengoba nje insimbi inganamathelani nobumba.

**44** "Ezinsukwini zalawo makhosi uNkulunkulu wezulu uyomisa umbuso[e] ongeke neze ubhujiswe.[f] Lo mbuso ngeke udluliselwe kwabanye abantu.[g] Uyophihliza yonke le mibuso uyiqede,[h] wona wodwa ume kuze kube phakade,[i] **45** njengoba nje ubonile ukuthi kuqheshulwe itshe entabeni kodwa hhayi ngezandla, nokuthi liphihlize insimbi, ithusi, ubumba, isiliva negolide.[j] UNkulunkulu Omkhulu uyazisile inkosi okuyokwenzeka esikhathini esizayo.[a] Leli phupho liyiqiniso nencazelo yalo ithembekile."

**46** Ngemva kwalokho iNkosi uNebukhadinezari yaguqa phambi kukaDaniyeli, ubuso bayo bubheke phansi, yamkhothamela. Yayala ukuba anikwe isipho nempepho. **47** Inkosi yathi kuDaniyeli: "Ngempela uNkulunkulu wakho unguNkulunkulu wonkulunkulu* neNkosi yamakhosi noMambuli wezimfihlo, ngoba wena ukwazile ukwembula le mfihlo."[b] **48** Inkosi yamphakamisa uDaniyeli, yamupha izipho eziningi ezinhle, yamenza umbusi phezu kwaso sonke isifundazwe* saseBhabhiloni[c] nenduna eyinhloko phezu kwabo bonke abantu abahlakaniphile baseBhabhiloni. **49** Ngokwesicelo sikaDaniyeli inkosi yabeka uShadiraki, uMeshaki no-Abhedinego[d] ukuba baqondise isifundazwe* saseBhabhiloni, kodwa uDaniyeli wayekhonza egcekeni lenkosi.

**3** UNebukhadinezari inkosi wenza isithombe* segolide esasingamamitha angaba ngu-27# ukuphakama, singamamitha angaba ngu-2,7△ ububanzi. Wasimisa ethafeni laseDura esifundazweni⊠ saseBhabhiloni. **2** Ngemva kwalokho, iNkosi uNebukhadinezari yathumela ukuba kuhlanganiswe ababusi bezifundazwe, izinduna, ababusi, abeluleki, abagcini-zimali, abahluleli, izimantshi nabo bonke abaqondisi bezifundazwe* ukuba beze emkho-

ISAHL. 2
a Isay 45:1; Jer 51:28, 29; Dan 5:28
b Dan 7:6; Dan 8:5, 21; Dan 11:3
c Dan 2:33; Dan 7:19, 23
d Dan 7:7
e Gen 49:10; Hu 2:6; Mat 6:10; Luk 22:29; Joh 18:36; IsA 11:15; IsA 20:6
f 2Sa 7:13; Isay 9:7; Dan 7:13, 14
g Dan 4:17; Dan 7:27
h Hu 2:7-9; Hu 110:5, 6; IsA 19:15
i Dan 4:34; Luk 1:31-33
j Dan 2:34, 35

Uhla 2
a Gen 41:28; Dan 2:28
b Gen 41:39; Dan 1:17; Dan 2:28; Dan 4:9
c Dan 2:6; Dan 5:16, 29
d Dan 1:7

**2:43** *Noma, "nenzalo yabantu," okuwukuthi, umphakathi.

**2:47** *Noma, "unguNkulunkulu ophakeme kunabanye onkulunkulu." **2:48, 49** *Noma, "isifunda sombuso." **3:1** *Noma, "umfanekiso." #Izingalo ezingu-60. Bheka iSithasiselo B14. △Izingalo ezingu-6. Bheka iSithasiselo B14. ⊠Noma, "esifundeni sombuso." **3:2** *Noma, "bezifunda zombuso."

sini wokuvulwa kwesithombe
iNkosi uNebukhadinezari eya-
yisimisile.
**3** Ngakho ababusi bezifu-
ndazwe, izinduna, ababusi, abe-
luleki, abagcini-zimali, abahlu-
leli, izimantshi nabo bonke
abaqondisi bezifundazwe ba-
buthana emkhosini wokuvulwa
kwesithombe uNebukhadineza-
ri inkosi ayesimisile. Bama pha-
mbi kwesithombe uNebukhadi-
nezari ayesimisile. **4** Umuntu
omemezelayo* wamemeza ka-
khulu wathi: “O nina bantu,
nina zizwe nezilimi, niyalwa
ukuba **5** lapho nizwa umsi-
ndo wophondo, igemfe, ihabhu
elizintambontambo, ihabhu eli-
ngunxantathu, insimbi yomculo
enezintambo, umtshingo nazo
zonke ezinye izinsimbi zomcu-
lo, kumele niguqe phansi nikhu-
lekele isithombe segolide esimi-
swe yiNkosi uNebukhadinezari.
**6** Noma ngubani ongaguqi pha-
nsi akhuleke uyophonswa nga-
wo lowo mzuzu esithandwe-
ni* somlilo ovuthayo.”[a] **7** Nga-
kho lapho bonke abantu bezwa
umsindo wophondo, igemfe,
ihabhu elizintambontambo, iha-
bhu elingunxantathu, insimbi
yomculo enezintambo nazo zo-
nke ezinye izinsimbi zomculo,
bonke abantu, izizwe nezilimi
baguqa bakhulekela isithombe
segolide esasimiswe yiNkosi
uNebukhadinezari.
**8** Ngaleso sikhathi amaKha-
ledi athile asondela abeka ama-
Juda icala.* **9** Athi eNkosi-
ni uNebukhadinezari: “O nkosi,
kwangathi ungaphila kuze
kube phakade. **10** Wena nko-
si, ukhiphe umyalo wokuthi
wonke umuntu ozwa umsindo
wophondo, igemfe, ihabhu eli-
zintambontambo, ihabhu eli-
ngunxantathu, insimbi yomcu-
lo enezintambo, nomtshingo
nazo zonke ezinye izinsimbi zo-
mculo, kufanele aguqe pha-
nsi akhulekele isithombe sego-
lide; **11** nokuthi noma nguba-
ni ongeke aguqe phansi akhu-
leke kufanele aphonswe esi-
thandweni somlilo ovuthayo.[a]
**12** Kodwa kukhona amaJuda
athile owabekile ukuba aqo-
ndise isifundazwe* saseBha-
bhiloni: uShadiraki, uMesha-
ki no-Abhedinego.[b] La mado-
da awakulalelanga wena nkosi.
Awabakhonzi onkulunkulu ba-
kho futhi ayenqaba ukukhule-
kela isithombe segolide osimi-
sile.”
**13** Ngakho uNebukhadine-
zari, ethukuthele egane unwa-
bu, wayala ukuba kule-
thwe uShadiraki, uMeshaki no-
Abhedinego. Ngakho la mado-
da alethwa phambi kwenko-
si. **14** UNebukhadinezari wa-
thi kuwo: “Shadiraki, Mesha-
ki, Abhedinego, ingabe kuyiqi-
niso ngempela ukuthi nina ani-
bakhonzi onkulunkulu bami,[c]
nokuthi niyenqaba ukukhule-
kela isithombe segolide engi-
simisile? **15** Manje lapho ni-
zwa umsindo wophondo, ige-
mfe, ihabhu elizintambonta-
mbo, ihabhu elingunxantathu,
insimbi yomculo enezintambo,
nomtshingo nezinye izinsimbi
zomculo, niguqe phansi nikhu-
lekele isithombe engisenzile,
kulungile. Kodwa uma ningasi-
khulekeli, nizophonswa ngawo
lowo mzuzu esithandweni so-
mlilo ovuthayo. Yimuphi unku-
lunkulu onganikhulula eza-
ndleni zami?”[d]

**ISAHL. 3**
*a* Jer 29:22

**Uhla 2**
*a* Dan 3:4-6
*b* Dan 1:7; Dan 2:49
*c* Isay 46:1; Jer 50:2; Dan 2:47
*d* Eks 5:2; 2Kr 32:15; Isay 36:4, 20

**3:4** *Isikhulu esibekwe ukuba simemezele emphakathini imiyalo nezinqumo zasebukhosini. **3:6** *Indawo okubaswa kuyo umlilo omkhulu. **3:8** *Noma, “asondela anyundela amaJuda.”

**3:12** *Noma, “isifunda sombuso.”

**16** UShadiraki, uMeshaki
no-Abhedinego baphendula
inkosi bathi: "O Nebukha-
dinezari, akudingeki uku-
ba sikuphendule kule nda-
ba. **17** Uma kumele sipho-
nswe esithandweni somlilo,
uNkulunkulu wethu esimkho-
nzayo uzokwazi ukusikhulula
esithandweni somlilo ovutha-
yo nasesandleni sakho nkosi.[a]
**18** Kodwa ngisho noma engasi-
khululi, makwazeke kuwe nko-
si ukuthi ngeke sibakhonze
onkulunkulu bakho noma si-
khulekele isithombe segolide
osimisile."[b]

**19** Khona-ke uNebukhadine-
zari wabathukuthelela kakhulu
oShadiraki, uMeshaki no-
Abhedinego kangangokuthi
ubuso bakhe bashintsha,* wa-
yala ukuba umlilo ubaswe
ngokuphindwe kasikhombisa
kunendlela evamile. **20** Waya-
la amadoda athile anama-
ndla ayesebuthweni lakhe le-
mpi, ukuba abophe uShadiraki,
uMeshaki no-Abhedinego, aba-
phonse esithandweni somlilo
ovuthayo.

**21** Ngakho la madoda abo-
shwa egqoke amajazi awo, izi-
ngubo, izigqoko nezinye ize-
mbatho, aphonswa esithandwe-
ni somlilo ovuthayo. **22** Nge-
nxa yokuthi umyalo wenkosi
wawunonya futhi isithando si-
shisa ngokweqile, amadoda
ayethwele uShadiraki, uMesha-
ki no-Abhedinego yiwo abula-
wa amalangabi omlilo. **23** Ko-
dwa la madoda amathathu,
uShadiraki, uMeshaki no-Abhe-
dinego, awela phakathi esitha-
ndweni somlilo ovuthayo ebo-
shiwe.

**24** INkosi uNebukhadineza-
ri yethuka yasukuma ngoku-
shesha yathi ezikhulwini zayo
eziphakeme: "Asibophanga yini
amadoda amathathu sawapho-
nsa emlilweni?" Zaphendula
zathi enkosini: "Kunjalo nkosi."
**25** Yathi: "Bhekani! Ngibona
amadoda amane ehamba ekhu-
lulekile phakathi emlilweni fu-
thi awalimele, eyesine ibukeka
njengendodana yonkulunkulu."

**26** UNebukhadinezari waso-
ndela emnyango wesithando so-
mlilo ovuthayo wathi: "Shadira-
ki, Meshaki, Abhedinego, nina
zinceku zikaNkulunkulu oPhe-
zukonke,[a] phumani nize la-
pha!" UShadiraki, uMeshaki no-
Abhedinego baphuma emlilwe-
ni. **27** Ababusi bezifundazwe,
izinduna, ababusi nezikhulu ezi-
phakeme zenkosi ababehlange-
ne lapho[b] babona ukuthi umli-
lo awuyenzanga lutho imizimba*
yala madoda;[c] akukho nwele
lwekhanda lawo olwaluhanguki-
le, amajazi awo ayelokhu efana,
kwakungekho ngisho nephunga
lomlilo kuwo.

**28** UNebukhadinezari wa-
memezela, wathi: "Makadunyi-
swe uNkulunkulu kaShadira-
ki, uMeshaki no-Abhedinego,[d]
othumele ingelosi yakhe ya-
khulula izinceku zakhe. Zithe-
mbele kuye zenza okuphambe-
ne nomyalo wenkosi futhi za-
ncamela ukufa* kunokukhonza
noma ukukhuleka kunoma yi-
muphi unkulunkulu ngapha-
ndle kukaNkulunkulu wazo.[e]
**29** Ngakho ngikhipha umyalo,
wokuthi noma yimuphi umu-
ntu, isizwe noma ulimi, osho
noma yini embi ngoNkulunku-
lu kaShadiraki, uMeshaki no-
Abhedinego kufanele ahlahle-
lwe, indlu yakhe kufanele iphe-
ndulwe indlu yangasese yom-

ISAHL. 3
*a* 1Sa 17:37; Hu 27:1; Isay 12:2; Dan 6:27
*b* Eks 20:5; IzE 5:29

Uhla 2
*a* Dan 2:47
*b* Dan 3:2
*c* Heb 11:33, 34
*d* Dan 2:47; Dan 4:34
*e* Dan 3:15

**3:19** *Noma, "isimo sakhe sengqondo sashintsha ngokuphelele."

**3:27** *Noma, "awubanga namandla emizimbeni." **3:28** *Noma, "zanikela ngemizimba yazo."

phakathi;* ngoba akekho omu-
nye unkulunkulu okwazi uku-
khulula njengalo."[a]
**30** Inkosi yabe seyibakhu-
phulela isikhundla oShadiraki,
uMeshaki no-Abhedinego esi-
fundazweni* saseBhabhiloni.[b]

**4** "Yilokhu iNkosi uNebukha-
dinezari eyakubhalela bonke
abantu, izizwe nezilimi ezihlala
emhlabeni wonke: Kwangathi ni-
ngaba nokuthula okuchichima-
yo! **2** Ngiyajabula ukumemeze-
la izibonakaliso nezimangaliso
uNkulunkulu oPhezukonke aze-
nzile kimi. **3** Izibonakaliso za-
khe zinkulu ngokubabazekayo,
nezimangaliso zakhe zinama-
ndla ababazekayo! Umbuso wa-
khe ungumbuso oyohlala kuze
kube phakade, nobukhosi bakhe
bungobezizukulwane ngezizuku-
lwane.[c]
**4** "Mina, Nebukhadinezari,
ngangikhululekile endlini yami
futhi ngichuma esigodlweni
sami. **5** Ngaphupha iphupho
elangesabisa. Njengoba ngangi-
lele embhedeni wami, imicaba-
ngo nemibono yekhanda lami
yangethusa.[d] **6** Ngakho nga-
khipha umyalo wokuba kule-
thwe phambi kwami bonke
abantu abahlakaniphile base-
Bhabhiloni, ukuze bangitshe-
le incazelo yaleli phupho.[e]
**7** "Ngaleso sikhathi aba-
pristi abenza imilingo, aba-
lumbi, amaKhaledi* nababhu-
la ngezinkanyezi[f] bafika. La-
pho ngibatshela iphupho, aba-
kwazanga ukungitshela inca-
zelo yalo.[g] **8** Ekugcineni kwa-
ngena phambi kwami uDaniye-
li, obizwa ngokuthi uBhelite-
shazari[a] ngokwegama likanku-
lunkulu wami[b] futhi okukho-
na kuye umoya wonkulunkulu
abangcwele,[c] ngamtshela iphu-
pho, ngathi:
**9** "'O Bheliteshazari nduna
yabapristi abenza imilingo,[d]
ngazi kahle ukuthi umoya wo-
nkulunkulu abangcwele uku-
we[e] nokuthi akukho mfihlo
enzima kuwe.[f] Ngakho ngicha-
zele imibono engiyibone ephu-
sheni lami nencazelo yalo.
**10** "'Emibonweni yekhanda
lami ngesikhathi ngisembhede-
ni wami, ngibone isihlahla[g] ma-
phakathi nomhlaba, besisikhu-
lu kakhulu siside.[h] **11** Lesi si-
hlahla sikhulile saba nama-
ndla, sibe side safinyelela ema-
zulwini, sabonakala kuwo wo-
nke umhlaba. **12** Amaqabu-
nga aso abemahle, sinezithe-
lo eziningi, kukhona ukudla
kwabo bonke kuso. Ngaphansi
kwaso izilwane zasendle be-
zithola umthunzi, emagatshe-
ni aso bekuhlala izinyoni za-
mazulu, zonke izidalwa bezidla
kuso.
**13** "'Njengoba ngibona imi-
bono yekhanda lami ngisem-
bhedeni wami, ngibone umli-
ndi ongcwele, ehla evela ema-
zulwini.[i] **14** Umemeze kakhu-
lu wathi: "Gawulani isihlahla,[j]
ninqume amagatsha aso. Vu-
thululani amahlamvu aso, ni-
sakaze izithelo zaso! Izilwa-
ne ezingaphansi kwaso mazi-
baleke, nezinyoni emagatsheni
aso. **15** Nokho, shiyani isiqu
saso nezimpande* emhlabathi-
ni, nisishiye siboshwe ngesibo-
pho sensimbi nesethusi phaka-
thi kotshani basendle. Masima-
nziswe ngamazolo ezulu, sihla-
le nezilwane phakathi kwezi-
mila zomhlaba.[k] **16** Inhliziyo

ISAHL. 3
a Dan 4:35; Dan 6:26, 27
b Dan 2:49

ISAHL. 4
c Hu 10:16; Hu 90:2; Jer 10:10
d Dan 2:1
e Dan 2:2
f Isay 47:13
g Dan 2:10, 11

Uhla 2
a Dan 1:7
b Isay 46:1; Jer 50:2
c Dan 4:18; Dan 5:11, 12
d Dan 1:20; Dan 2:48
e Gen 41:38; Dan 6:3
f Dan 1:17, 20
g Dan 4:26
h Dan 4:20-22
i Dan 4:23-26
j Dan 4:31; Dan 5:18, 20
k Dan 4:32, 33

**3:29** *Noma kungaba, "indlu yokulahla udoti; indunduma yomquba" **3:30** *Noma, "esifundeni sombuso." **4:7** *Okuwukuthi, iqembu labantu abanekhono lokubhula nokuhlola ngezinkanyezi.

**4:15** *Noma, "shiyani isiphunzi."

yaso mayishintshwe ingabi
ngeyomuntu, sinikwe inhlizi-
yo yesilwane, makudlule phezu
kwaso[a] izikhathi eziyisikhombi-
sa.[b] **17** Lesi sinqumo sikhi-
shwe abalindi,[c] nesicelo sikho-
na ngezwi labangcwele, uku-
ze abantu abaphilayo bazi
ukuthi oPhezukonke unguMbu-
si embusweni wabantu[d] noku-
thi uwunika lowo afuna uku-
mnika wona, umisa phezu kwa-
wo ngisho nophansi kunabo
bonke kubantu."
**18** "'Leli yiphupho mina,
Nkosi Nebukhadinezari, engili-
bonile; manje wena Bheliteshα-
zari, yisho incazelo yalo, ngoba
bonke abanye abantu abahla-
kaniphile embusweni wami ba-
yehluleka ukungitshela incaze-
lo yalo.[e] Kodwa wena uyakwa-
zi, ngoba umoya wonkulunkulu
abangcwele ukuwe.'
**19** "Ngaleso sikhathi uDani-
yeli, obizwa ngokuthi uBhelite-
shazari,[f] wamangala umzuzwa-
na, imicabango yakhe yaqala
ukumethusa.
"Inkosi yathi, 'O Bheliteshа-
zari, ungalivumeli iphupho ne-
ncazelo yalo kukwethuse.'
"UBheliteshazari waphendu-
la wathi, 'O nkosi yami, kwa-
ngathi leli phupho lingagcwali-
seka kulabo abakuzondayo, ne-
ncazelo yalo ezitheni zakho.
**20** "'Isihlahla osibonile esi-
khule saba sikhulu saba na-
mandla futhi saba side safi-
nyelela emazulwini, sabonaka-
la emhlabeni wonke,[g] **21** ebe-
sinamaqabunga amahle, sinezi-
thelo eziningi, kukhona kuso
ukudla kwabo bonke, ngapha-
nsi kwaso kuhlala izilwane za-
sendle, emagatsheni aso kuhla-
la izinyoni zezulu,[h] **22** ngu-
we nkosi, ngoba udlondlobale
waba namandla, ubukhulu ba-
kho budlondlobale bafinyelela
emazulwini,[a] nobukhosi bakho
kuwo wonke umhlaba.[b]
**23** "'Inkosi ibone umlindi
ongcwele,[c] ehla evela emazu-
lwini, obethi: "Gawulani isi-
hlahla nisichithe, kodwa nishi-
ye isiqu saso nezimpande* em-
hlabathini, nisishiye siboshwe
ngesibopho sensimbi nesethu-
si phakathi kotshani base-
ndle. Masimanziswe ngamazo-
lo ezulu, sihlale nezilwane
zasendle kuze kudlule phezu
kwaso izikhathi eziyisikhombi-
sa."[d] **24** Yile incazelo nkosi;
lesi yisinqumo soPhezukonke
okumele sehlele inkosi yami.
**25** Uyoxoshwa kubantu uhlale
nezilwane zasendle, uyonikwa
utshani ukuba udle njengezi-
nkomo; uyomanziswa amazolo
ezulu,[e] kudlule phezu kwa-
kho[f] izikhathi eziyisikhombi-
sa,[g] uze wazi ukuthi oPhezuko-
nke unguMbusi embusweni wa-
bantu, nokuthi uwunika lowo
afuna ukumnika wona.[h]
**26** "'Ngenxa yokuthi kuthi-
we makushiywe isiqu sesihla-
hla nezimpande zaso,*[i] umbu-
so wakho uyobuyiselwa kuwe
ngemva kokuba sewazi uku-
thi amazulu ayabusa. **27** Nga-
kho-ke nkosi, kwangathi unga-
semukela iseluleko sami. Phe-
nduka ezonweni zakho wenze
okulungile, nasezenzweni za-
kho ezimbi ubonise isihe kwa-
bampofu. Mhlawumbe ukuchu-
ma kwakho kuyoqhubeka isi-
khathi eside.'"[j]
**28** Konke lokhu kwayehlela
iNkosi uNebukhadinezari.
**29** Ezinyangeni eziyishumi
nambili kamuva yayihamba
ophahleni lwesigodlo saseBha-
bhiloni. **30** Inkosi yathi: "Aku-
lona yini leli iBhabhiloni Eli-

ISAHL. 4
*a* Dan 4:32
*b* Luk 21:24
*c* Dan 4:13
*d* Dan 4:34
*e* Isay 47:13, Dan 2:27, Dan 5:8, 15
*f* Dan 1:7
*g* Dan 4:10, 11
*h* Dan 4:12

Uhla 2
*a* Isay 14:13, 14
*b* Dan 2:37, 38
*c* Dan 4:13, Dan 8:13
*d* Dan 4:13-16, Luk 21:24
*e* Dan 4:31-33
*f* Dan 4:16
*g* Luk 21:24, IsA 12:6, 14
*h* 1Sa 2:7, 8, Job 34:24, Jer 27:5, Hez 21:26, 27, Dan 2:21, Dan 7:13, 14, Luk 1:32, 33
*i* Dan 4:15
*j* 1Kh 21:29, Jow 2:14, Jon 3:8-10

**4:23** *Noma, "nishiye isiphunzi." **4:26** *Noma, "makushiywe isiphunzi sesihla-hla."

khulu, engilakhele ukuba
libe yindlu yobukhosi ngama-
ndla nezikhwepha zami ne-
ngilakhele inkazimulo yobu-
khulu bami?”
**31** Ngesikhathi inkosi isa-
khuluma, kwavela izwi ema-
zulwini lathi: “O Nkosi Ne-
bukhadinezari, kuthiwa kuwe,
‘Umbuso usukile kuwe,[a]
**32** uyaxoshwa esintwini. Uzo-
hlala kanye nezilwane zase-
ndle, uzonikwa utshani ukuba
udle njengezinkomo, futhi ku-
zodlula phezu kwakho izikha-
thi eziyisikhombisa, uze wazi
ukuthi oPhezukonke unguMbu-
si embusweni wabantu nokuthi
uwunika lowo afuna ukumnika
wona.’ ”[b]
**33** Ngaso leso sikhathi, leli
zwi lagcwaliseka kuNebukha-
dinezari. Waxoshwa esintwini,
waqala ukudla utshani njenge-
zinkomo, umzimba wakhe wa-
manziswa amazolo ezulu, izi-
nwele zakhe zakhula zaze zaba
zinde njengezinsiba zokhozi
nezinzipho zakhe zaba njenga-
mazipho ezinyoni.[c]
**34** “Ekupheleni kwaleso si-
khathi,[d] mina Nebukhadineza-
ri, ngabheka phezulu emazu-
lwini, ingqondo yami yasangu-
luka; ngamdumisa oPhezuko-
nke, ngamdumisa ngamkhazi-
mulisa Yena ophila kuze kube
phakade, ngoba ubukhosi ba-
khe bungubukhosi baphaka-
de nombuso wakhe ungowe-
zizukulwane ngezizukulwane.[e]
**35** Bonke abahlala emhlabeni
babhekwa njengabangelutho,
futhi wenza ngokwentando ya-
khe phakathi kwebutho lama-
zulu nakwabahlala emhlabeni.
Akukho muntu ongamnqanda*[f]
noma ongathi kuye, ‘Yini le
oyenzile?’[g]

**36** “Ngaleso sikhathi ingqo-
ndo yami yasanguluka, inkazi-
mulo yombuso wami, ubukhu-
lu bami nobukhazikhazi bami
kwabuyela kimi.[a] Izikhulu zami
eziphakeme nezicukuthwane
zami zangifuna ngentshise-
ko, ngabuyiselwa embuswe-
ni wami, ngaba nodumo olu-
ngaphezu kwalolo enganginalo
ngaphambili.
**37** “Manje mina, Nebukhadi-
nezari, ngidumisa ngiphakami-
se futhi ngikhazimulise iNkosi
yamazulu,[b] ngenxa yokuthi yo-
nke imisebenzi yayo iyiqiniso
nezindlela zayo zilungile,[c] na-
ngenxa yokuthi iyakwazi uku-
thobisa labo abahamba ngoku-
ziqhenya.”[d]

**5** INkosi uBhelishazari[e] ye-
nzela izicukuthwane zayo
eziyinkulungwane idili elikhu-
lu, futhi yayiphuza iwayini pha-
mbi kwazo.[f] **2** Edakwe yiwayi-
ni, uBhelishazari wathi makule-
thwe izitsha zegolide nezesiliva
uNebukhadinezari uyise ayezi-
thathe ethempelini eliseJerusa-
lema,[g] ukuze inkosi nezicuku-
thwane zayo, izancinza zayo
namanye amakhosikazi ayo ba-
phuze ngazo. **3** Ngakho bazi-
letha izitsha zegolide ababezi-
thathe ethempelini lendlu ka-
Nkulunkulu eJerusalema, inko-
si nezicukuthwane zayo, izanci-
nza zayo namanye amakhosika-
zi ayo baphuza ngazo. **4** Ba-
phuza iwayini, badumisa onku-
lunkulu begolide, besiliva, be-
thusi, bensimbi, bokhuni nabe-
tshe.
**5** Ngaso leso sikhathi kwa-
bonakala iminwe yesandla so-
muntu ibhala odongeni olu-
khonkiwe lwesigodlo senko-
si maqondana nothi lwesiba-
ni, inkosi yasibona isandla
njengoba sibhala. **6** Inkosi

ISAHL. 4
a Dan 4:25; IzE 12:22, 23
b Dan 4:17
c Dan 4:25
d Dan 4:16
e Hu 10:16; Dan 4:3
f Job 34:24; Isay 43:13
g Isay 45:9

Uhla 2
a Dan 4:26
b Dan 4:2, 3
c Dut 32:4; Hu 33:5
d Eks 18:10, 11; Jak 4:6

ISAHL. 5
e Dan 7:1; Dan 8:1
f Isay 21:5; Jer 51:39
g 2Kh 25:15; 2Kr 36:18; Ezr 1:7; Jer 52:19; Dan 1:1, 2

4:35 *Noma, “onganqanda isandla sakhe.”

yaphaphatheka ebusweni* futhi imicabango yayo yayethusa, ukhalo lwayo lwaxegezela[a] namadolo ayo ashayana.

**7** Inkosi yamemeza kakhulu yathi makungeniswe abalumbi, amaKhaledi* nababhula ngezinkanyezi.[b] Inkosi yathi kubantu abahlakaniphile baseBhabhiloni: “Noma yimuphi umuntu ongafunda lo mbhalo, angitshele nencazelo yawo, uzombathiswa izingubo eziphephuli, afakwe umgexo wegolide entanyeni yakhe[c] abuse abe ngowesithathu embusweni.”[d]

**8** Khona-ke bonke abantu abahlakaniphile benkosi bangena, kodwa abakwazanga ukuwufunda umbhalo noma ukutshela inkosi incazelo.[e] **9** Ngenxa yalokho iNkosi uBhelishazari yethuka kakhulu nobuso bayo baphaphatheka; izicukuthwane zayo zazididekile.[f]

**10** Ngenxa yamazwi enkosi nezicukuthwane zayo, indlovukazi yangena ehholo ledili. Indlovukazi yathi: “O nkosi, kwangathi ungaphila kuze kube phakade. Imicabango yakho mayingakwethusi, nobuso bakho mabungaphaphatheki. **11** Kukhona indoda# embusweni wakho enomoya wonkulunkulu abangcwele. Ezinsukwini zikayihlo kwatholakala kuyo ukukhanyiselwa nokuqonda nokuhlakanipha okunjengokuhlakanipha konkulunkulu.[g] INkosi uNebukhadinezari uyihlo yayimisa njengenduna yabapristi abenza imilingo, abalumbi, amaKhaledi* nababhula ngezinkanyezi;[h] nguyihlo owakwenza lokhu, nkosi. **12** Ngoba uDaniyeli, inkosi eyamqamba ngokuthi uBeliteshazari,[a] wayenomoya odlulele nolwazi nokuqonda kokuchaza amaphupho, ukuchaza iziphicaphicwano nokuxazulula izinkinga ezinzima.*[b] Manje makubizwe uDaniyeli, uzokutshela incazelo.”

**13** Ngakho uDaniyeli wangeniswa phambi kwenkosi. Inkosi yambuza uDaniyeli yathi: “Ingabe nguwe uDaniyeli ovela kubantu bakwaJuda abadingisiwe,[c] inkosi ubaba eyabaletha bevela kwaJuda?[d] **14** Ngizwile ngawe ukuthi umoya wonkulunkulu ukuwe,[e] nokuthi kuwe kutholakale ukukhanyiselwa nokuqonda nokuhlakanipha okudlulele.[f] **15** Manje abantu abahlakaniphile nabalumbi bangeniswe phambi kwami, ukuze bafunde lo mbhalo bangitshele nencazelo yawo kodwa abakwazi ukusho incazelo yalo myalezo.[g] **16** Kodwa ngizwile ngawe ukuthi uyakwazi ukusho izincazelo[h] nokuxazulula izinkinga ezinzima.* Manje, uma ukwazi ukufunda lo mbhalo nokungitshela incazelo yawo, uzombathiswa izingubo eziphephuli, ufakwe umgexo wegolide entanyeni yakho, ubuse ube ngowesithathu embusweni.”[i]

**17** UDaniyeli wayiphendula inkosi wathi: “Ungazigcina izipho zakho, uziphe abanye. Nokho, ngizoyifundela inkosi umbhalo, ngiyitshele nencazelo yawo. **18** Ngokuqondene nawe nkosi, uNkulunkulu oPhezukonke wanika uNebukhadinezari uyihlo umbuso nobukhulu nodumo nobukhosi.[j] **19** Ngenxa yobukhulu amnika

---

**5:6** *Noma, “Ukubukeka kwenkosi kwashintsha.” **5:7, 11** *Okuwukuthi, iqembu labantu abanekhono lokubhula nokuhlola ngezinkanyezi. **5:11** #Noma, “indoda enekhono.”

**5:12, 16** *Ngesi-Aramu, “nokuqaqa amafindo.”

---

**ISAHL. 5**

a Isay 21:2, 3
b Dan 2:2; Dan 4:6
c Gen 41:39, 42; Est 8:15
d Dan 2:6, 48
e Dan 2:27; Dan 4:7
f Isay 13:1, 7
g Dan 4:8, 9
h Dan 2:47, 48

**Uhla 2**

a Dan 1:7; Dan 4:8
b Dan 1:17, 20; Dan 6:3
c Dan 1:3, 6; Dan 2:25
d 2Kh 24:11, 14
e Dan 4:9
f Dan 1:17, 20
g Isay 47:12, 13; Dan 2:10, 11; Dan 5:8
h Dan 2:28
i Dan 2:6; Dan 5:7
j Dan 2:37, 38

bona, bonke abantu, izizwe ne-
zilimi zaziqhaqhazela ngenxa
yokwesaba phambi kwakhe.[a]
Noma ubani ayefuna ukumbu-
lala, wayembulala, lowo aye-
thanda ukumyeka wayemyeka,
lowo ayefuna ukumphakamisa,
wayemphakamisa; nalowo aye-
funa ukumhlaza, wayemhlaza.[b]
**20** Kodwa lapho inhliziyo ya-
khe iziphakamisa futhi eba ne-
nkani, waze wenza ngoku-
gabadela,[c] wehliswa esihlalwe-
ni sobukhosi sombuso wa-
khe, nenkazimulo yakhe yasu-
swa kuye. **21** Waxoshwa ku-
bantu, nenhliziyo yakhe yenzi-
wa yaba njengeyesilwane, wa-
hlala nezimbongolo zasendle.
Wayenikwa utshani ukuba adle
njengezinkomo, nomzimba wa-
khe wamanziswa amazolo ezu-
lu, waze wazi ukuthi uNkulu-
nkulu oPhezukonke unguMbu-
si embusweni wesintu, nokuthi
ubeka phezu kwawo lowo afu-
na ukumbeka.[d]

**22** “Kodwa wena, ndodana
yakhe Bhelishazari, awuzange
uzithobe nakuba ubukwazi ko-
nke lokhu. **23** Kunalokho uzi-
phakamisile phambi kweNko-
si yamazulu,[e] wathi makule-
thwe kuwe izitsha zendlu yayo.[f]
Wena nezicukuthwane zakho,
izancinza zakho namanye ama-
khosikazi akho niphuze nga-
zo iwayini, nadumisa onkulu-
nkulu besiliva negolide, be-
thusi, bensimbi, bokhuni na-
betshe, onkulunkulu abangabo-
ni lutho, abangezwa lutho naba-
ngazi lutho.[g] Kodwa awumkha-
zimulisanga uNkulunkulu, um-
thombo wokuphila kwakho[h] ne-
zikuye zonke izindlela zakho.
**24** Ngakho kuthunyelwe isa-
ndla sivela kuye, kwalotshwa lo
mbhalo.[i] **25** Yilo umbhalo olo-
tshiwe: MENE, MENE, TEKEL,
PARSIN.

**26** “Yile incazelo yala maga-
ma: MENE, uNkulunkulu uziba-
lile izinsuku zombuso wakho
futhi uwuqedile.[a]

**27** “TEKEL, wena ukalwe
ezikalini watholakala ulula.

**28** “PERES, umbuso wakho
uhlukanisiwe wanikwa amaMe-
de namaPheresiya.”[b]

**29** Ngakho uBhelishazari
wakhipha umyalo, base bemba-
thisa uDaniyeli izingubo ezi-
phephuli, bafaka umgexo we-
golide entanyeni yakhe; futhi
bamemezela ngokuphathele-
ne naye ukuthi wayezoba ngu-
mbusi wesithathu embusweni.[c]

**30** Ngabo kanye lobo busuku
uBhelishazari inkosi yamaKha-
ledi wabulawa.[d] **31** UDariyu[e]
umMede wamukela umbuso;
wayeneminyaka engaba ngu-62
ubudala.

**6** Kwabonakala kukuhle ku-
Dariyu, ukuba amise aba-
busi bezifundazwe abangu-120
phezu kwawo wonke umbuso.[f]
**2** Wamisa phezu kwabo izikhu-
lu ezintathu eziphakeme, esi-
nye sazo kwakunguDaniyeli;[g]
ababusi bezifundazwe[h] babebi-
ka kuzo, ukuze inkosi inga-
lahlekelwa. **3** UDaniyeli wazi-
bonakalisa engcono kunezinye
izikhulu eziphakeme nababusi
bezifundazwe, ngoba wayeno-
moya ongavamile,[i] inkosi ya-
yihlose ukumphakamisa phezu
kwawo wonke umbuso.

**4** Ngaleso sikhathi izikhulu
eziphakeme nababusi bezifu-
ndazwe babefuna ukuthola isi-
zathu sokumangalela uDaniye-
li ngokuqondene nezinda-
ba zombuso, kodwa abatho-
langa sizathu sokummanga-
lela noma inkohlakalo, ngo-
ba wayethembekile futhi aku-
kho kudebesela noma inkohla-
kalo eyatholakala kuye. **5** La
madoda athi: “Ngeke sithole

ISAHL. 5
*a* Jer 25:9; Dan 3:4, 5; Dan 4:22
*b* Dan 2:12; Dan 3:6, 29
*c* Isay 14:13, 14; Dan 4:30
*d* Dan 4:31-35
*e* Jer 50:29
*f* Dan 5:2, 3
*g* Hu 115:4-7; Isay 46:6, 7
*h* Hu 104:29
*i* Dan 5:5

Uhla 2
*a* Isay 13:11; Jer 25:12; Jer 27:6, 7; Jer 50:1, 2; Jer 51:11
*b* Ezr 1:1, 2; Isay 21:2; Isay 45:1; Jer 50:9; Dan 6:28; Dan 9:1
*c* Dan 5:7, 16
*d* Isay 21:9; Jer 51:8, 31; Jer 51:39, 57
*e* Dan 6:1; Dan 9:1

ISAHL. 6
*f* Est 1:1; Dan 9:1
*g* Dan 2:48; Dan 5:29
*h* Ezr 8:36; Est 8:9; Dan 3:2
*i* Dan 1:17, 20; Dan 5:12

sizathu sokumangalela lo Da-
niyeli, ngaphandle kokuba si-
sithole emthethweni kaNkulu-
nkulu wakhe.”[a]

**6** Ngakho lezi zikhulu ezi-
phakeme nababusi bezifunda-
zwe bangena beyisixuku enko-
sini, bathi kuyo: “O Nkosi Dari-
yu, kwangathi ungaphila kuze
kube phakade. **7** Zonke izi-
khulu zombuso, izinduna, aba-
busi bezifundazwe, izikhulu
eziphakeme zasebukhosini na-
babusi, bacebisene ukuba ba-
beke umthetho wasebukhosi-
ni nokuba baphoqelele umthe-
tho ovimbelayo, wokuthi noma
ngubani owenza isicelo kuno-
ma yimuphi omunye unkulu-
nkulu noma umuntu ezinsukwi-
ni ezingu-30 ngaphandle ko-
kusenza kuwe nkosi, kufane-
le aphonswe emgodini wama-
bhubesi.[b] **8** Manje nkosi, kwa-
ngathi ungawumisa lo mthe-
tho uwusayine,[c] ukuze ungashi-
ntshwa, ngokuvumelana nom-
thetho wamaMede namaPhere-
siya ongenakuguqulwa.”[d]

**9** Ngakho iNkosi uDariyu
yawusayina lo mthetho nalo
mthetho ovimbelayo.

**10** Kodwa ngokushesha nje
lapho uDaniyeli esazi ukuthi lo
mthetho wawusayiniwe, waya
endlini yakhe, amafasitela eka-
melo lakhe elisophahleni aye-
vulekile ebheke ngaseJerusale-
ma.[e] Kathathu ngosuku wa-
yeguqa ngamadolo athanda-
ze, adumise uNkulunkulu wa-
khe, njengoba ayevame ukwe-
nza ngaphambi kwalokhu.
**11** Ngaleso sikhathi la mado-
da angena egulukudela, athola
uDaniyeli ethandaza ecela uku-
ba uNkulunkulu wakhe ambo-
nise umusa.

**12** Ngakho asondela enko-
sini ayikhumbuza ngomthe-
tho wasebukhosini ovimbelayo
athi: “Awuzange yini usayine
umthetho ovimbelayo wokuthi
noma yimuphi umuntu owenza
isicelo kunoma yimuphi unku-
lunkulu noma umuntu ezinsu-
kwini ezingu-30 ngaphandle
kokusenza kuwe nkosi, kufa-
nele aphonswe emgodini wa-
mabhubesi?” Inkosi yaphendu-
la yathi: “Le ndaba iqiniseki-
siwe ngokomthetho wamaMede
namaPheresiya ongenakugu-
qulwa.”[a] **13** Ngokushesha athi
enkosini: “UDaniyeli, ovela ku-
bantu bakwaJuda abadingisi-
we,[b] akazange akunake nkosi
nomthetho ovimbelayo owusa-
yinile, kodwa kathathu ngosu-
ku uyathandaza.”[c] **14** Lapho
nje inkosi izwa lokhu, ya-
cindezeleka kakhulu, yazama
ukucabanga indlela yokukhu-
lula uDaniyeli; kwaze kwasho-
na ilanga ilokhu izama ukumsi-
ndisa. **15** Ekugcineni la ma-
doda angena eyisixuku enkosi-
ni, athi enkosini: “Qaphela
nkosi, ukuthi umthetho wa-
maMede namaPheresiya uwu-
kuthi noma yimuphi umthe-
tho ovimbelayo noma umthe-
tho inkosi ewumisayo awuna-
kushintshwa.”[d]

**16** Ngakho inkosi yayala, ba-
mletha uDaniyeli bamphonsa
emgodini wamabhubesi.[e] Inkosi
yathi kuDaniyeli: “UNkulunkulu
wakho ohlale umkhonza uzoku-
sindisa.” **17** Kwalethwa itshe
labekwa phezu komlomo wo-
mgodi, inkosi yaliphawula nge-
ndandatho yayo enophawu na-
ngendandatho enophawu yezi-
khulu zayo, ukuze kungashi-
ntshwa lutho ngokuqondene
noDaniyeli.

**18** Ngemva kwalokho inko-
si yaya esigodlweni sayo. Ayi-
zange idle ngalobo busuku, ye-
nqaba ukujatshuliswa ngano-

**ISAHL. 6**
*a* Est 3:8
*b* Dan 3:6
*c* Est 3:12, Est 8:10
*d* Est 1:19, Est 8:8
*e* 1Kh 8:44, 45

**Uhla 2**
*a* Est 8:8, Dan 6:7, 8
*b* Dan 1:3, 6, Dan 2:25, Dan 5:13
*c* Est 3:8, Dan 6:10
*d* Est 8:8, Dan 6:8
*e* Dan 6:7, Heb 11:32, 33

ma iyiphi indlela* futhi yaqwa-
sha.[#] **19** Ekugcineni, entatha-
kusa, inkosi yavuka yaphu-
thuma emgodini wamabhubesi.
**20** Njengoba isondela emgodi-
ni, yamemeza uDaniyeli nge-
zwi elidabukisayo. Inkosi yathi
kuDaniyeli: "O Daniyeli, nceku
kaNkulunkulu ophilayo, ingabe
uNkulunkulu wakho ohlale um-
khonza ukwazile ukukusindi-
sa emabhubesini?" **21** Ngoku-
shesha uDaniyeli wathi enko-
sini: "O nkosi, kwangathi
ungaphila kuze kube phakade.
**22** UNkulunkulu wami uthu-
mele ingelosi yakhe yavala
umlomo wamabhubesi,[a] awa-
ngilimazanga[b] ngoba ngithola-
kale ngimsulwa phambi kwa-
khe; nakuwe nkosi angenza-
nga lutho olubi."

**23** Inkosi yajabula kakhulu,
yayala ukuba uDaniyeli akhu-
shulwe akhishwe emgodini. La-
pho uDaniyeli ekhishwa emgo-
dini wayengenamyocu, ngoba
wayethembele kuNkulunkulu
wakhe.[c]

**24** Inkosi yayala, alethwa la
madoda ayebeke uDaniyeli ica-
la,* aphonswa emgodini wa-
mabhubesi, wona nabantwa-
na bawo namakhosikazi awo.
Amabhubesi abanqaka benga-
kafiki naphansi emgodini,
aphoqoza wonke amathambo
abo.[d]

**25** INkosi uDariyu yabhalela
bonke abantu, izizwe nezilimi
ezihlala emhlabeni wonke ya-
thi:[e] "Ukuthula makwande!
**26** Ngikhipha umyalo wokuba
kuzo zonke izindawo zombu-
so wami, abantu kumele bathu-
thumele besabe uNkulunkulu
kaDaniyeli.[a] Ngoba unguNkulu-
nkulu ophilayo nohlala kuze
kube phakade. Umbuso wakhe*
awusoze wachithwa, nokubu-
sa kwakhe kungokwaphaka-
de.[b] **27** Uyakhulula,[c] asindise,
enze izibonakaliso nezimanga-
liso emazulwini nasemhlabe-
ni,[d] ngoba ukhulule uDaniyeli
ezidladleni zamabhubesi."

**28** UDaniyeli wachuma em-
busweni kaDariyu[e] nasembu-
sweni kaKoresi umPheresiya.[f]

**7** Ngonyaka wokuqala wo-
kubusa kukaBhelishazari[g]
inkosi yaseBhabhiloni, uDani-
yeli wabona iphupho nemi-
bono yekhanda lakhe njengoba
elele embhedeni wakhe.[h] Nga-
kho walibhala phansi leli phu-
pho;[i] wazibhala zonke izinda-
ba. **2** UDaniyeli wathi:

"Ngangibhekile emibonweni
yami ebusuku, bheka! imimoya
emine yamazulu yayinyakazi-
sa ulwandle olukhulu.[j] **3** Izilo
ezine ezinkulu[k] zaphuma olwa-
ndle, ngasinye sihlukile kwezi-
nye.

**4** "Esokuqala sasifana ne-
bhubesi,[l] sinamaphiko okho-
zi.[m] Ngabuka aze ahluthwa
amaphiko aso, saphakanyiswa
emhlabeni samiswa ngezinya-
wo ezimbili njengomuntu, sani-
kwa inhliziyo yomuntu.

**5** "Bheka! Esinye isilo sesi-
bili sasifana nebhere.[n] Olu-
nye uhlangothi lwaso lwapha-
kanyiswa, kwakukhona izimba-
mbo ezintathu emlonyeni waso
sizibambe ngamazinyo; kwathi-
wa kuso, 'Sukuma udle inyama
eningi.'[o]

**6** "Ngemva kwalokhu nga-
qhubeka ngibuka, bheka! esi-
nye isilo, esifana nengwe,[p]
emhlane waso sasinamaphiko
amane afana nawenyoni. Lesi

---

**6:18** *Noma kungaba, "akungeniswa-nga zinsimbi zomculo phambi kwayo." #Ngesi-Aramu, "ubuthongo bayo ba-yibalekela." **6:24** *Noma, "la madoda ayenyundele uDaniyeli."

**6:26** *Noma, "Ubukhosi bakhe."

---

ISAHL. 6
a 1Sa 17:37; Heb 11:32, 33
b Hu 34:7; Hu 118:5; Dan 3:28
c Hu 37:40; IzA 18:10; Dan 3:26, 27
d Est 7:10
e Est 8:9; Dan 4:1

Uhla 2
a Dan 3:29
b Dan 4:34
c Dan 3:28
d Jer 32:20; Dan 4:3
e Dan 5:31; Dan 6:1, 2
f 2Kr 36:22, 23; Ezr 1:1, 2; Isay 44:28

ISAHL. 7
g Dan 5:1, 30
h Dan 2:19; Dan 8:1
i Isay 30:8; Hab 2:2; IsA 1:11
j Isay 57:20; IsA 17:15
k Dan 7:17
l Dan 2:37, 38
m Dut 28:49, 50; Jer 48:40; IsiL 4:19; Hab 1:8
n Dan 2:39; Dan 5:28; Dan 8:3, 20
o Isay 13:17, 18; Dan 11:2
p Dan 2:39; Dan 8:5; Dan 11:3

silo sasinamakhanda amane,[a]
sanikwa igunya lokubusa.
7 “Ngemva kwalokhu nga-
qhubeka ngibhekile emibonwe-
ni yasebusuku, ngabona isilo
sesine, esasesabeka, sethusa
futhi sinamandla ngokungajwa-
yelekile, sasinamazinyo ama-
khulu ensimbi. Sasishwabade-
la siphihliza, okusele sasiku-
nyathela ngezinyawo.[b] Sasihlu-
kile kwezinye izilo ezazinga-
phambi kwaso, sasinezimpo-
ndo eziyishumi. 8 Njengoba
ngibuka lezi zimpondo, kwa-
vela olunye uphondo phaka-
thi kwazo, oluncane,[c] izimpo-
ndo ezintathu zokuqala zabho-
nculwa lapho luvela. Lolu pho-
ndo lwalunamehlo afana name-
hlo omuntu, lunomlomo okhu-
luma ngokuqhosha.*[d]
9 “Ngaqhubeka ngibuka
kwaze kwabekwa izihlalo zobu-
khosi, oMdala Wezinsuku[e] wa-
hlala phansi.[f] Izingubo zakhe
zazimhlophe njengeqhwa,[g] izi-
nwele zekhanda lakhe zazi-
njengoboya obuhlanzekile. Isi-
hlalo sakhe sobukhosi sasi-
ngamalangabi omlilo; amaso-
ndo aso ayengumlilo ovu-
thayo.[h] 10 Umfudlana womli-
lo wawugeleza uphuma phambi
kwakhe.[i] Izinkulungwane ezi-
yinkulungwane zazilokhu zim-
khonza, nezinkulungwane ezi-
yishumi eziphindwe kazinkulu-
ngwane eziyishumi zazimi pha-
mbi kwakhe.[j] INkantolo[k] yahla-
la, kwavulwa izincwadi.
11 “Ngaqhubeka ngibheki-
le ngaleso sikhathi ngenxa
yomsindo wamazwi okuqho-
sha* uphondo olwaluwakhulu-
ma;[l] ngabuka saze sabulawa
lesi silo, isidumbu saso sa-
bhujiswa sashiswa emlilweni.
12 Kodwa zonke ezinye izilo,[m]

7:8 *Noma, “ngokuziphakamisa.” 7:11 *Noma, “okuziphakamisa.”

ukubusa kwazo kwasuswa, fu-
thi ukuphila kwazo kwelulwa
isikhathi nenkathi.
13 “Ngaqhubeka ngibhekile
emibonweni yasebusuku, futhi
bheka! kwakuza kanye namafu
amazulu, othile onjengendoda-
na yomuntu;[a] wathola ilunge-
lo lokungena koMdala Wezinsu-
ku,[b] bamsondeza phambi kwa-
Khe. 14 Wanikwa ubukhosi,[c]
udumo[d] nombuso, ukuze aba-
ntu, izizwe nezilimi zimkho-
nze.[e] Ubukhosi bakhe bungu-
bukhosi obumi kuze kube pha-
kade obungayikudlula, nombu-
so wakhe awusoze wachithwa.[f]
15 “Kodwa mina, Daniye-
li, ngangicindezelekile* nge-
nxa yokuthi imibono yekhanda
lami yangethusa.[g] 16 Ngaso-
ndela komunye walabo ababe-
mi lapho ukuze ngimbuze uku-
thi kwakusho ukuthini nge-
mpela lokhu. Ngakho wangi-
phendula wangitshela incazelo
yalezi zinto.
17 “‘Lezi zilo ezinkulu ezi-
ne,[h] zingamakhosi amane
ayoma emhlabeni.[i] 18 Kodwa
abangcwele boPhezukonke[j] ba-
yokwamukela umbuso,[k] bayo-
dla ifa lombuso[l] kuze kube pha-
kade, yebo kuze kube phaka-
de.’
19 “Ngabe sengifisa ukwa-
zi kabanzi ngalesi silo sesine,
esasihlukile kuzo zonke ezinye;
sasesabeka ngendlela engava-
mile, sinamazinyo ensimbi na-
mazipho ethusi, sasishwabade-
la siphihliza, okwakusele sasi-
kunyathela ngezinyawo zaso;[m]
20 nangezimpondo eziyishu-
mi[n] ezazisekhanda laso, nanga-
lolu olunye uphondo olwave-
la futhi okwawa ezintathu pha-
mbi kwalo,[o] uphondo olwaluna-

7:15 *NgesiHebheru, “umoya wami wawucindezelekile ngaphakathi kimi.”

ISAHL. 7
a Dan 8:8 Dan 11:4
b Dan 2:40 Dan 7:19
c Dan 7:24
d Dan 7:20 IsA 13:5
e Hu 90:2 Dan 7:13, 22 Hab 1:12
f Isay 6:1, 2 IsA 4:2, 3
g Hu 104:1, 2
h Dut 9:3 Heb 12:29
i Hu 50:3 Hu 97:3
j Dut 33:2 1Kh 22:19 Hu 68:17 Heb 12:22 Jud 14 IsA 5:11
k 1Sa 2:10 Hu 50:6
l Dan 7:8, 25
m Dan 7:3

Uhla 2
a Mat 24:30 Luk 21:27 Joh 3:13 IzE 7:56 IsA 14:14
b Hu 90:2 Dan 7:9, 22 Hab 1:12
c Hu 2:6 Hu 110:1, 2 Mat 28:18 1Ko 15:25 Efe 1:22 IsA 3:21
d Flp 2:9-11
e Gen 49:10
f Hu 45:6 Isay 9:6, 7 Dan 2:44 Luk 1:32, 33 IsA 11:15
g Dan 8:27
h Dan 7:3
i Dan 2:39, 40
j Dan 7:25, 27
k Mat 19:28 2Ti 2:12 IsA 3:21 IsA 5:9, 10
l Dan 7:21, 22 Luk 22:29
m Dan 2:40 Dan 7:7
n Dan 7:24
o Dan 7:8

mehlo nomlomo owawukhulu-
ma ngokuqhosha* nolwalubo-
nakala lulukhulu kunezinye.
**21** “Ngaqhubeka ngibuka
njengoba lolo phondo lulwa na-
bangcwele futhi lwalubanqo-
ba,[a] **22** kwaze kwaba yilapho
oMdala Wezinsuku[b] efika, ekhi-
pha isahlulelo esivuna aba-
ngcwele boPhezukonke,[c] fu-
thi kufika nesikhathi esibekiwe
sokuba abangcwele badle ifa
lombuso.[d]
**23** “Yilokhu akusho: ‘Isilo se-
sine siyoba umbuso wesine oyo-
ba khona emhlabeni. Uyohlu-
ka kuyo yonke eminye imi-
buso, uyoshwabadela wonke
umhlaba, uwunyathele uwu-
phihlize.[e] **24** Ngokuqondene
nezimpondo eziyishumi, kuyo-
vela amakhosi ayishumi kulowo
mbuso; kuphinde kuvele enye
ngemva kwawo, yona iyohluka
kwawokuqala, iyowahlaza ama-
khosi amathathu.[f] **25** Iyokhu-
luma amazwi amelene noPhe-
zukonke,[g] iyobakhathaza ngoku-
qhubekayo abangcwele boPhe-
zukonke. Iyohlosa ukushintsha
izikhathi nomthetho, bayonike-
lwa esandleni sayo isikhathi, ne-
zikhathi nengxenye yesikha-
thi.*[h] **26** Kodwa iNkantolo ya-
hlala, ekugcineni basuswa ubu-
khosi bayo, ukuze ibhuqwe fu-
thi ibhujiswe ngokuphelele.[i]
**27** “‘Umbuso nobukhosi no-
bukhulu bemibuso engaphansi
kwawo wonke amazulu kwani-
kwa abantu abangcwele boPhe-
zukonke.[j] Umbuso wabo ungu-
mbuso omi kuze kube phaka-
de,[k] yonke imibuso iyobakho-
nza futhi ibalalele.’
**28** “Le ndaba iphelela la-
pha. Mina, Daniyeli, imica-
bango yami yangethusa ka-
khulu, kangangokuba ubuso
bami baphaphatheka;* kodwa
le ndaba ngayigcina enhlizi-
yweni yami.”

**8** Ngonyaka wesithathu wo-
kubusa kweNkosi uBheli-
shazari,[a] mina Daniyeli nga-
bona omunye umbono, nge-
mva kwalowo engangiwuboni-
le.[b] **2** Ngabona umbono, nje-
ngoba ngangibhekile ngisesigo-
dlweni* saseShushani,#[c] esise-
sifundazweni△ sase-Elamu;[d]
ngabona umbono ngingase-
mfuleni i-Ulayi. **3** Lapho ngi-
phakamisa amehlo, ngabona
inqama[e] imi phambi komfula,
inezimpondo ezimbili.[f] Lezi zi-
mpondo ezimbili zazizinde, ko-
dwa olunye lwalulude kunolu-
nye, lolu olude lwaluvele kamu-
va.[g] **4** Ngabona inqama iga-
dla entshonalanga, enyakatho
naseningizimu, akukho zilwa-
ne zasendle ezazikwazi ukuma
phambi kwayo, akukho muntu
owayekwazi ukukhulula noma
yini emandleni* ayo.[h] Yayenza
ekuthandayo, iziphakamisa.
**5** Njengoba ngangibhekile,
ngabona impongo[i] iza ive-
la entshonalanga inqamula um-
hlaba wonke ingawuthinti um-
hlabathi. Le mpongo yayi-
nophondo olugqamile phaka-
thi kwamehlo ayo.[j] **6** Yayi-
za enqameni enezimpondo ezi-
mbili engangiyibone imi pha-
mbi komfula; yayigijima iza
kuyo ngolaka.
**7** Ngayibona isondela eduze
kwenqama, igcwele ulaka. Yayi-
shaya inqama yephula izimpo-
ndo zayo ezimbili, inqama ayiba-
nga namandla okumelana nayo.
Yayilahla phansi emhlabathini

ISAHL. 7
*a* Dan 8:23, 24; Dan 12:7; IsA 13:7
*b* Hu 90:2; Dan 7:9, 13; Hab 1:12
*c* Dan 7:18, 27
*d* Mat 19:28; Luk 22:29; IsA 1:6; IsA 3:21; IsA 5:9, 10; IsA 20:4
*e* Dan 2:40; Dan 7:7
*f* Dan 7:20
*g* Dan 7:8
*h* Dan 12:7; IsA 13:5-7
*i* Dan 7:10, 11
*j* Dan 7:22; Mat 19:28; Luk 22:29; IsA 20:4
*k* IsA 11:15

Uhla 2

ISAHL. 8
*a* Dan 5:1, 30
*b* Dan 7:1, 15
*c* Neh 1:1; Est 2:8
*d* Gen 10:22; Isay 11:11; Isay 21:2
*e* Isay 13:17; Jer 51:11; Dan 7:5; Dan 8:20
*f* Est 1:1, 3
*g* Isay 44:28
*h* Isay 45:1; Jer 51:12; Dan 5:30, 31
*i* Dan 2:39; Dan 7:6; Dan 8:21
*j* Dan 11:3

**7:20** *Noma, “ngokuziphakamisa.” **7:25** *Okuwukuthi, izikhathi ezintathu nengxenye.

**7:28** *Noma, “ukubukeka kwami kwashintsha.” **8:2** *Noma, “ngisenqabeni.” #Noma, “saseSusa.” △Noma, “esisesifundeni sombuso.” **8:4** *NgesiHebheru, “esandleni.”

inqama yayinyathela, akekho owayengayikhulula emandleni* ayo.

**8** Impongo yaziphakamisa ngokwedlulele, kodwa ngokushesha lapho isinamandla, uphondo olukhulu lwaphuka; kwavela ezine ezigqamile esikhundleni salo, zibheke emimoyeni yomine yamazulu.[a]

**9** Kolunye lwazo kwamila olunye uphondo, oluncane, lwakhula lwaba lukhulu kakhulu lwabheka ngaseningizimu nangasempumalanga nangaseMhlobisweni.*[b] **10** Lwakhula kakhulu lwaze lwafinyelela ebuthweni lamazulu, lwabangela abanye balelo butho nezinye zezinkanyezi ukuba bawele emhlabeni futhi lwabanyathela. **11** Lwaziphakamisa ngisho nangokumelene neSikhulu sebutho, kwasuswa kuso umnikelo owawenziwa njalo, indawo yendlu yaso engcwele yadilizwa.[c] **12** Ibutho lanikelwa, kanye nomnikelo owawenziwa njalo ngenxa yesiphambeko; lwaqhubeka luphonsa iqiniso emhlabathini futhi lwaphumelela ekwenzeni kwalo.

**13** Ngezwa ongcwele ekhuluma, nomunye ongcwele wathi kulo owayekhuluma: "Uyothatha isikhathi esingakanani umbono womnikelo owenziwa njalo nowesiphambeko esibangela incithakalo,[d] ukuze indawo engcwele nebutho kwenziwe izinto zokunyathelwa?" **14** Ngakho wathi kimi: "Kuze kube izikhathi zokuhlwa nokusa ezingu-2 300; ngokuqinisekile indawo engcwele iyobuyiselwa esimweni sayo esifanele."

**15** Lapho mina Daniyeli ngibona lo mbono futhi ngifuna ukuwuqonda, kungazelelwe ngabona kumi phambi kwami othile obukeka njengendoda. **16** Ngabe sengizwa izwi lomuntu phakathi kwe-Ulayi,[a] wamemeza wathi: "Gabriyeli,[b] yenza lowo aqonde into ayibonile."[c] **17** Ngakho wasondela lapho engangimi khona, kodwa lapho eza ngethuka kakhulu kangangokuba ngawa ngobuso. Wathi kimi: "O ndodana yomuntu, qonda ukuthi lo mbono ungowesikhathi sokuphela."[d] **18** Kodwa lapho esakhuluma nami, ngaquleka ubuso bami bubheke phansi emhlabathini. Ngakho wangithinta wangimisa lapho engangimi khona.[e] **19** Wathi: "Ngikwenza wazi lokho okuyokwenzeka engxenyeni yokugcina yesahlulelo sokulahla, ngoba lo mbono ungowesikhathi esimisiwe sokuphela.[f]

**20** "Inqama oyibonile enezimpondo ezimbili imelela amakhosi aseMediya nasePheresiya.[g] **21** Impongo enoboya obude imelela inkosi yaseGrisi;[h] uphondo olukhulu olwaluphakathi kwamehlo ayo, lumelela inkosi yokuqala.[i] **22** Ngokuphathelene nophondo olwaphuka, kwamila ezine esikhundleni salo,[j] kukhona imibuso emine eyokuma ivela esizweni sayo, kodwa ngeke ibe namandla afana nawayo.

**23** "Engxenyeni yokugcina yombuso wayo, njengoba izenzo zezeqamthetho sezifinyelele ekugcineni, kuyobusa* inkosi enolaka eqonda izisho ezididayo.# **24** Iyoba namandla amakhulu, kodwa hhayi ngamandla ayo. Iyobangela incithakalo ngendlela engajwayelekile,* futhi iyophumele-

---

8:7 *NgesiHebheru, "esandleni." 8:9 *Noma, "nangaseBuhleni."

8:23 *NgesiHebheru, "kuyoma." #Noma, "enolaka nenekhono lokuphica." 8:24 *Noma, "Iyoletha incithakalo eyesabekayo."

---

ISAHL. 8
a Dan 8:22; Dan 11:4
b Hu 48:2; Dan 11:16, 45
c Dan 11:31; Dan 12:11
d Dan 12:11

Uhla 2
a Dan 8:2
b Luk 1:19, 26
c Dan 9:21, 22
d Dan 10:14; Dan 12:4, 9
e Dan 10:9, 10
f Dan 11:27
g Dan 7:5; Dan 8:3; Dan 11:2
h Dan 7:6
i Dan 8:5; Dan 11:3
j Dan 8:8; Dan 11:4

la kwekwenzayo. Iyochitha
abanamandla, nesizwe esakhi-
wa ngabangcwele.[a] **25** Ngobu-
qili bayo iyosebenzisa inkohli-
so ukuze iphumelele; iyozipha-
kamisa enhliziyweni yayo; nge-
sikhathi sokulondeka* iyochi-
tha abaningi. Iyomelana ngisho
neSikhulu sezikhulu, iyophu-
lwa kodwa hhayi ngesandla so-
muntu.

**26** "Okushiwo embonweni
ngokuphathelene nokuhlwa
nokusa kuyiqiniso kodwa ku-
fanele uwugcine uyimfihlo lo
mbono, ngoba ubhekisela ezi-
nsukwini eziningi ezizayo ku-
sukela manje."*[b]

**27** Mina Daniyeli, ngazizwa
ngiphelelwa amandla futhi nga-
gula izinsuku ezithile.[c] Nge-
mva kwalokho ngavuka ngenza
umsebenzi wenkosi;[d] kodwa
ngangindikindiki ngenxa yale
nto engangiyibonile, kwaku-
ngekho muntu ongayiqonda.[e]

**9** Ngonyaka wokuqala kaDari-
yu[f] indodana ka-Ahashi-
veroshi—wenzalo yamaMede,
owayebekwe waba yinkosi phe-
zu kombuso wamaKhaledi[g]—
**2** ngonyaka wokuqala wokubu-
sa kwakhe, mina Daniyeli, nga-
qonda ngezincwadi* isibalo se-
minyaka esashiwo yizwi likaJe-
hova kuJeremiya umprofethi,
sokuphela kokuba yincithaka-
lo kweJerusalema,[h] okunguku-
thi, iminyaka engu-70.[i] **3** Nga-
bhekisa ubuso bami kuJehova
uNkulunkulu weqiniso, ngim-
ncenga ngomthandazo, ngoku-
zila ukudla[j] nangendwangu ye-
saka nangomlotha. **4** Ngatha-
ndaza kuJehova uNkulunkulu
wami ngavuma izono ngathi:

"Jehova Nkulunkulu weqi-
niso, Omkhulu owesabeka-
yo, ogcina isivumelwano sa-
khe nobonisa uthando oluqo-
tho[a] kulabo abamthandayo na-
bagcina imiyalo yakhe,[b] **5** so-
nile senza okungalungile fu-
thi senza ngokonakala sadlu-
bulunda;[c] siphambukile emi-
yalweni yakho nasezahlulelwe-
ni zakho. **6** Asizilalelanga izi-
nceku zakho abaprofethi,[d] ezi-
khulume egameni lakho ema-
khosini ethu, ezikhulwini ze-
thu, kokhokho bethu nakubo
bonke abantu bezwe. **7** O Je-
hova, ukulunga kungokwakho,
kodwa thina, amadoda akwa-
Juda nezakhamuzi zaseJeru-
salema, nawo wonke u-Israye-
li, abaseduze nabakude, kuwo
wonke amazwe obahlakazele
kuwo, sihlazekile* namuhla
ngoba asithembekanga kuwe.[e]
**8** "O Jehova, thina, ama-
khosi ethu, izikhulu zethu
nokhokho bethu, sihlazekile*
ngoba sonile kuwe. **9** Jehova
Nkulunkulu wethu, uyathethe-
lela[f] unesihe kodwa thina sidlu-
bulundile kuwe.[g] **10** Asililale-
langa izwi likaJehova uNkulu-
nkulu wethu ngokugcina imi-
thetho yakhe ayibeka phambi
kwethu ngezinceku zakhe, aba-
profethi.[h] **11** Wonke u-Israye-
li uweqile uMthetho wakho,
wakufulathela ngokungalilale-
li izwi lakho, kangangoku-
ba uthulule phezu kwethu isi-
qalekiso nesifungo esilotshwe
eMthethweni KaMose inceku
kaNkulunkulu weqiniso,[i] ngo-
ba sonile kuwe. **12** Uwafezile
amazwi akhe awakhuluma nga-
thi[j] nangababusi bethu ababe-
sibusa,* ngokusilethela inhle-
kelele enkulu; ayikho into

**8:25** *Noma kungaba, "ingazange ixwayise." **8:26** *Noma, "ubhekisela esikhathini esikude esizayo." **9:2** *Okukuthi, izincwadi ezingcwele.

**9:7, 8** *NgesiHebheru, "sinobuso obunamahloni." **9:12** *NgesiHebheru, "nabahluleli bethu ababesahlulela."

ISAHL. 8
a Dan 7:25; Dan 8:10
b Dan 10:14
c Dan 7:28; Dan 10:16
d Dan 2:48, 49
e Dan 8:17

ISAHL. 9
f Dan 6:28; Dan 11:1
g Dan 5:30, 31
h Ezr 1:1, 2; Hu 79:1; Isay 64:10; IsiL 1:1
i 2Kr 36:20, 21; Jer 25:11; Jer 29:10; Zak 1:12; Zak 7:5
j Ezr 8:21

Uhla 2
a Eks 34:6
b Dut 5:9, 10; Neh 1:5
c Ezr 9:6, 7; Neh 9:26, 33; Hu 106:6; IsiL 3:42
d 2Kr 36:15, 16; Jer 7:13
e Lev 26:33; Dut 28:41; 2Kh 17:6; Isay 11:11
f Eks 34:6, 7; Neh 9:17; Hu 86:5
g Neh 9:26
h 2Kh 17:13, 14
i Dut 28:15; Dut 31:17
j IsiL 2:17

eyake yenziwa ngaphansi kwamazulu enjengaleyo eyenziwa eJerusalema.[a] **13** Njengoba nje kulotshiwe eMthethweni KaMose, yonke le nhlekelele isehlele,[b] kodwa asizange sicele umusa* kaJehova uNkulunkulu wethu ngokuthi siphenduke esiphambekweni sethu[c] nangokubonisa ukuqonda iqiniso lakho.#

**14** “UJehova wahlala eqaphile futhi wasilethela le nhlekelele, ngoba uJehova uNkulunkulu wethu ulungile emisebenzini yakhe yonke ayenzile; kodwa thina asililalelanga izwi lakhe.[d]

**15** “Manje, Jehova Nkulunkulu wethu, wena owakhipha abantu bakho ezweni laseGibhithe ngesandla esinamandla,[e] wazenzela igama kuze kube namuhla,[f] sonile senza ngokonakala. **16** O Jehova, ngokuvumelana nazo zonke izenzo zakho ezilungile,[g] siyacela, kwangathi intukuthelo yakho nolaka lwakho kungasuka edolobheni lakho iJerusalema, intaba yakho engcwele; ngoba ngenxa yezono zethu neziphambeko zokhokho bethu, iJerusalema nabantu bakho kuyihlazo kubo bonke abasizungezile.[h] **17** Manje Nkulunkulu wethu, lalela umthandazo wenceku yakho nokuncenga kwayo, uyibonise umusa indlu yakho engcwele[i] eyincithakalo,[j] ngenxa yakho Jehova. **18** O Nkulunkulu wami, lalela uzwe! Vula amehlo akho ubone incithakalo eliyiyo idolobha lethu elibizwe ngegama lakho; ngoba asikunxusi ngenxa yezenzo zethu ezilungile kodwa ngenxa yesihe sakho esikhulu.[k] **19** O Jehova, yizwa. O Jehova, thethelela.[l] O Jehova, naka futhi uthathe isinyathelo! Ungalibali, ngenxa yegama lakho Nkulunkulu wami, ngoba idolobha lakho nabantu bakho kubizwa ngegama lakho.”[a]

**20** Lapho ngisakhuluma, ngithandaza ngivuma isono sami nesono sabantu bakithi u-Israyeli futhi ngenza isicelo sami somusa phambi kukaJehova uNkulunkulu wami ngokuphathelene nentaba engcwele kaNkulunkulu wami,[b] **21** impela, lapho ngisathandaza, leyo ndoda uGabriyeli,[c] engangiyibone embonweni ekuqaleni,[d] yafika kimi lapho ngifile ukukhathala, ngesikhathi somnikelo wesipho wakusihlwa. **22** Yangenza ngaqonda yathi:

“O Daniyeli, manje ngize ukuzokunika ukuhlakanipha nokuqonda. **23** Lapho uqala ukuncenga kuphume izwi, ngakho mina ngize ukuzokubikela ngalo, ngoba ungumuntu oyigugu kakhulu.*[e] Ngakho cabangisisa ngale ndaba uqonde umbono.

**24** “Kunamasonto* angu-70 anqunyelwe abantu bakini nedolobha lakini elingcwele,[f] ukuze kuqedwe iseqo, kuqedwe isono,[g] kwenziwe isihlawulelo ngenxa yesiphambeko,[h] kungeniswe ukulunga kwaphakade,[i] kuqinisekiswe umbono nesiprofetho,#[j] nokuba kugcotshwe iNgcwelengcwele. **25** Kufanele wazi futhi uqonde ukuthi kusukela ekuphumeni kwezwi lokuba kuvuselelwe futhi kwakhiwe kabusha iJerusalema[k] kuze kufike uMesiya*[l] uMholi,[m] kuyoba ngamasonto ayisi-

---

**9:13** *Noma, “sibuthambise ubuso.” #Noma, “ukwethembeka kwakho.”

**9:23** *Noma, “ofiseleka kakhulu; ohlonishwa kakhulu.” **9:24** *Okuwukuthi, amasonto eminyaka. #NgesiHebheru, “nomprofethi.” **9:25** *Noma, “oGcotshiwe.”

---

**ISAHL. 9**

- a Jer 39:8
- b Lev 26:16, 17; Dut 28:15; IsiL 1:1
- c Isay 9:13; Jer 5:3
- d Neh 9:33
- e Eks 6:1
- f Eks 9:16; Neh 9:10; Hu 106:7, 8
- g Hu 89:14; Isay 26:9
- h Lev 26:38, 39; 1Kh 9:7-9; Hu 79:1, 4; Jer 24:9
- i Num 6:23, 25
- j Isay 64:10, 11; IsiL 5:18
- k Hu 102:13; Isay 54:7, 8; Jer 14:7
- l 1Kh 8:30

**Uhla 2**

- a Hu 79:8, 9; Isay 63:18, 19; Jer 14:9
- b Hu 87:1, 2; Zak 8:3
- c Dan 8:16; Luk 1:19
- d Dan 8:1
- e Dan 10:11, 19
- f Neh 11:1; Isay 52:1
- g Luk 1:76, 77; Heb 9:26
- h Rom 3:25; 1Jo 2:1, 2; 1Jo 4:10
- i Isay 53:11; Rom 1:16, 17
- j 2Ko 1:19, 20
- k Neh 2:5, 11; Neh 6:15
- l Hu 2:2; Joh 1:41
- m Isay 55:4; Mat 23:10; Joh 1:45, 49

khombisa, namasonto angu-
62.[a] Liyovuselelwa lakhiwe ka-
busha, libe nesigcawu nomse-
le wamanzi olizungezile, ko-
dwa lokhu kuyokwenzeka ezi-
khathini ezinzima.
**26** “Ngemva kwamasonto
angu-62, uMesiya uyonqu-
nywa*[b] angasalelwa lutho.[c]
“Abantu bomholi ozayo ba-
yocekela phansi idolobha ne-
ndawo engcwele.[d] Isiphelo salo
siyoba ngesikhukhula. Kuyoba
nempi kuze kube sekupheleni;
uNkulunkulu unqumile ukuthi
kuyoba nencithakalo.[e]
**27** “Uyogcina isivumelwano
sisebenza ngenxa yabaningi
isonto elilodwa; esikhathini
esiyingxenye yesonto uyoba-
ngela ukuba kukhawuke um-
hlatshelo nomnikelo wesipho.[f]
“Obangela incithakalo uyoza
egibele iphiko lezinto ezinya-
nyekayo;[g] okwanqunywa kuyo-
thululelwa naphezu koyincitha-
kalo kuze kufike ukuqothula.”
**10** Ngonyaka wesithathu ka-
Koresi[h] inkosi yasePhe-
resiya, uDaniyeli okwakuthi-
wa uBheliteshazari[i] wanikwa
umbono; lo myalezo wawu-
yiqiniso futhi wawuphathele-
ne nempi enkulu. Wawuqonda
lo myalezo, wanikwa ukuqonda
ngento ayeyibonile.
**2** Ngalezo zinsuku mina Da-
niyeli, ngangikade ngilila[j] ama-
sonto amathathu agcwele.
**3** Angizange ngikudle ukudla
okumnandi, akungenanga nya-
ma nawayini emlonyeni wami,
angizange ngigcobe mafutha
kwaze kwaphela amasonto
amathathu agcwele. **4** Ngosu-
ku luka-24 lwenyanga yoku-
qala, ngesikhathi ngisosebe-
ni lomfula omkhulu, iTigrisi,*[k]
**5** ngaphakamisa amehlo ami
ngabona umuntu owayegqoke
ilineni,[a] efake ibhande legolide
lase-Ufazi okhalweni. **6** Umzi-
mba wakhe wawunjengekhriso-
lithe,[b] ubuso bakhe bunjengo-
mbani, amehlo akhe enjengezi-
bani ezivuthayo, izingalo zakhe
nezinyawo zakhe kwakunje-
ngethusi elipholishiwe,[c] kanti
umsindo wezwi lakhe wawunje-
ngomsindo wesixuku. **7** Yimi
kuphela, mina Daniyeli owabo-
na lo mbono; abantu ababena-
mi abawubonanga lo mbono.[d]
Nokho, besaba kakhulu, baba-
leka bayocasha.
**8** Khona-ke ngasala nge-
dwa, lapho ngibona lo mbo-
no omkhulu, ngaphelelwa ama-
ndla ngasala ngingenasithunzi,
angibanga namandla.[e] **9** Nga-
be sengimuzwa ekhuluma; ko-
dwa lapho ngimuzwa ekhulu-
ma, ngaquleka ubuso bami bu-
bheke emhlabathini.[f] **10** Ko-
dwa kwaba khona isandla esa-
ngithinta,[g] sanginyakazisa uku-
ba ngizimelele ngamadolo na-
ngezandla zami. **11** Wathi
kimi:
“O Daniyeli, wena muntu oyi-
gugu kakhulu,*[h] naka amazwi
engizowasho kuwe. Sukuma
ume lapho ubumi khona ngoba
ngithunywe kuwe.”
Lapho engitshela lokhu, nga-
sukuma ngiqhaqhazela.
**12** Wabe esethi kimi: “Unge-
sabi Daniyeli.[i] Amazwi akho
ezwakala kusukela osukwini lo-
kuqala owanikela ngalo inhli-
ziyo yakho ekuqondeni na-
sekuzithobeni phambi kuka-
Nkulunkulu, manje mina ngifi-
kile ngenxa yamazwi akho.[j]
**13** Kodwa isikhulu[k] sombuso
wasePheresiya samelana nami

**9:26** *Noma, “uyobulawa.” **10:4** *NgesiHebheru, “iHidekeli.”

**10:11** *Noma, “ofiseleka kakhulu; ohlonishwa kakhulu.”

ISAHL. 9
a Luk 3:1, 2
b Isay 53:8, 12; Mat 26:2; Luk 24:26; 1Ko 15:3
c Mar 9:12
d Mat 24:15; Luk 19:43, 44; Luk 21:20
e Luk 21:22, 24
f Heb 9:11, 12; Heb 10:8-10
g Mar 13:14; Luk 21:20

ISAHL. 10
h Ezr 1:1, 2; Isay 45:1; Dan 1:21; Dan 6:28
i Dan 1:7; Dan 4:8
j Dan 9:3
k Gen 2:14

Uhla 2
a IsA 19:14
b Hez 1:16
c Hez 1:5, 7
d 2Kh 6:17; IzE 9:7
e Dan 7:28; Dan 8:27
f Dan 8:18
g Jer 1:9; IsA 1:17
h Dan 9:23; Dan 10:19
i IsA 1:17
j Dan 9:23
k Efe 6:12

izinsuku ezingu-21. Kodwa uMi-
kayeli,*[a] omunye wezikhulu ezi-
phambili,# weza ezongisi-
za; mina ngangilokhu ngilapho
eceleni kwamakhosi asePhe-
resiya. **14** Ngize ukuzokwenza
uqonde lokho okuyokwehlela
abantu bakini engxenyeni yoku-
gcina yezinsuku,[b] ngoba kungu-
mbono wezinsuku ezizayo."[c]

**15** Lapho ekhuluma la ma-
zwi kimi, ngabheka phansi, nga-
phelelwa amazwi. **16** Lowo
ofana nomuntu wathinta izi-
ndebe zami,[d] ngavula umlo-
mo wami ngathi kulowo owa-
yemi phambi kwami: "Nko-
si yami, ngiyaqhaqhazela nge-
nxa yombono, anginamandla.[e]
**17** Pho mina nceku yakho ngi-
ngakhuluma kanjani nawe nko-
si yami?[f] Ngoba manje angina-
mandla futhi ngiphelelwe umo-
ya."[g]

**18** Lowo ofana nomuntu wa-
phinde wangithinta futhi wa-
ngiqinisa.[h] **19** Wathi: "Unge-
sabi[i] muntu oyigugu kakhulu.*[j]
Kwangathi ungaba nokuthula.[k]
Qina, yebo, yiba namandla."
Njengoba ekhuluma nami nga-
thola amandla ngathi: "Inkosi
yami mayikhulume, ngoba
ungiqinisile."

**20** Waqhubeka wathi: "Uya-
zi yini ukuthi kungani ngi-
ze kuwe? Manje ngizophinde-
la emuva ngiyolwa nesikhu-
lu sasePheresiya.[l] Uma ngisuka
kuso, kuzofika isikhulu sase-
Grisi. **21** Nokho, ngizokutshe-
la izinto ezibhalwe embhalwe-
ni weqiniso. Akukho muntu
ongisekelayo kulezi zinto nga-
phandle kukaMikayeli,[m] isikhu-
lu senu.[n]

**10:13** *Incazelo: "Ubani OnjengoNkulunkulu?" #Noma, "isikhulu esiphezulu." **10:19** *Noma, "ofiseleka kakhulu; ohlonishwa kakhulu."

ISAHL. 10

a Dan 10:21, Dan 12:1, Jud 9, IsA 12:7, 8
b Dan 2:28
c Dan 8:17, 26, Dan 12:4
d Isay 6:7, Jer 1:9
e Dan 10:8
f Hlu 6:22
g Isay 6:5
h Dan 10:10
i IsA 1:17
j Dan 9:22, 23, Dan 10:11
k Hlu 6:23
l Dan 10:13
m Dan 10:13, Jud 9, IsA 12:7, 8
n Dan 12:1

Uhla 2

ISAHL. 11

a Dan 5:30, 31, Dan 9:1
b Dan 8:21
c Dan 8:5, 21
d Dan 7:6, Dan 8:8, 22

**11** "Ngonyaka wokuqala ka-
Dariyu[a] umMede, ngasu-
kuma ukuze ngimnike ama-
ndla futhi ngimqinise.* **2** Lo-
khu engizokutshela kona ma-
nje kuyiqiniso:

"Bheka! Kuzoba namakho-
si amathathu azomela iPheresi-
ya, eyesine izoqongelela ingce-
bo eningi kunawo wonke ama-
nye. Lapho iba namandla nge-
nxa yengcebo yayo, iyokwenza
ukuba konke kuvukele umbuso
waseGrisi.[b]

**3** "Inkosi enamandla iyoma
ibuse ngamandla amakhulu,[c] ye-
nze ekuthandayo. **4** Kodwa la-
pho isimile, umbuso wayo uyo-
phihlizwa uhlukaniselwe emi-
moyeni emine yamazulu,[d] ko-
dwa ngeke unikwe inzalo* yayo
futhi ngeke ube namandla anje-
ngalawo eyabusa ngawo; ngoba
umbuso wayo uyosishulwa uni-
kwe abanye.

**5** "Inkosi yaseningizimu iyo-
ba namandla, okuwukuthi esi-
nye sezikhulu zayo; kodwa ku-
khona eyoyinqoba ibuse nga-
mandla amakhulu, ngaphezu
kwamandla okubusa kwalena
enye.

**6** "Ngemva kweminyaka ethi-
le bayokwakha umfelandawo-
nye, indodakazi yenkosi yase-
ningizimu iyoza enkosini yase-
nyakatho ukuze benze isivume-
lwano esikahle. Kodwa le ndo-
dakazi ngeke iwalondoloze ama-
ndla engalo yayo; futhi le nko-
si ngeke ime, nengalo yayo nge-
ke ime; indodakazi iyonikelwa,
yona nalabo abayilethayo, nalo-
wo owayizala, nalowo owayenza
ukuba ibe namandla ngalezo zi-
khathi. **7** Othile oyilungu lom-
ndeni wendodakazi uyoma esi-
khundleni sayo, uyoza ebuthwe-
ni lempi amelane nenqaba ye-

**11:1** *Noma, "ngibe njengenqaba kuye." **11:4** *Noma, "isizukulwane."

nkosi yasenyakatho futhi uyobathathela isinyathelo anqobe.
**8** Uyoza eGibhithe nonkulunkulu babo, nezithombe zabo zensimbi,* nezinto zabo eziyigugu# zesiliva nezegolide, kanye nezithunjwa. Uyodeda enkosini yasenyakatho iminyaka ethile,
**9** yona iyoza ihlasele umbuso wenkosi yaseningizimu kodwa iyobuyela ezweni layo.

**10** "Amadodana ayo, ayohloma abuthe ibutho elikhulu kakhulu lempi. Nakanjani iyoza ikhukhule njengezikhukhula. Kodwa iyophindela emuva, ihambe ihlasela ize ifike enqabeni yayo.

**11** "Inkosi yaseningizimu iyovutha ngolaka iphume ilwe nayo, okungukuthi, nenkosi yasenyakatho; inkosi yasenyakatho iyobutha isixuku esikhulu, kodwa leso sixuku siyonikelwa esandleni salena enye.
**12** Lesi sixuku siyothathwa. Inhliziyo yenkosi iyokhukhumala, ibulale amashumi ezinkulungwane; kodwa ngeke isisebenzise isikhundla sayo esinamandla.

**13** "Inkosi yasenyakatho iyobuya, ibuthe isixuku esikhulu kunesokuqala; ekupheleni kwezikhathi, ngemva kweminyaka ethile, nakanjani iyoza nebutho elikhulu lempi nempahla eningi.
**14** Ngalezo zikhathi abaningi bayomelana nenkosi yaseningizimu.

"Abanodlame* kubantu bakini, bayothatheka ukuba bazame ukwenza umbono ugcwaliseke; kodwa bayokhubeka.

**15** "Inkosi yasenyakatho iyoza yakhe udonga lokuvimbezela futhi inqobe idolobha elinezivikelo eziqinile. Amabutho* aseningizimu ngeke ame, namadoda ayo ekhethelo ngeke ame; ngeke babe nawo amandla okuma.
**16** Lena ezoyihlasela iyokwenza ekuthandayo, akekho oyomelana nayo. Iyoma ezweni loMhlobiso,*[a] amandla okuqothula ayoba sesandleni sayo.
**17** Iyozimisela ukuza* nalo lonke ibutho lempi lombuso wayo, kuyokwenziwa izivumelwano ezikahle nayo; iyokwenza ngokuphumelelayo. Iyovunyelwa ukuba ichithe indodakazi yowesifazane. Le ndodakazi ngeke ime, futhi ngeke iqhubeke ingeyayo.
**18** Iyophendukela emazweni asogwini inqobe amazwe amaningi. Umkhuzi webutho uyolisusa ihlazo elenziwe yiyo, ukuze lingabi bikho ihlazo kuye. Uyolibuyisela kuyo.
**19** Iyobuyela ezinqabeni zezwe layo, iyokhubeka iwe, ingabe isatholakala.

**20** "Esikhundleni sayo kuyokuma obangela ukuba lowo owaba umsebenzi* adabule embusweni owubukhazikhazi, kodwa ezinsukwini ezimbalwa uyophuka, kodwa hhayi ngentukuthelo noma ngempi.

**21** "Esikhundleni sakhe kuyoma odelelekile,* ngeke bamnike isithunzi sombuso; uyofika ngesikhathi sokulondeka# athathe umbuso ngobuqili.△
**22** Amabutho* anjengezikhukhula ayokhukhulwa ngenxa yakhe, aphihlizwe; njengoba kuyoba njalo nangoMholi[b] wesivumelwano.[c]
**23** Ngenxa yesivumelwano esenziwe

Uhla 2

ISAHL. 11
a Hu 48:2; Dan 8:9; Dan 11:41, 45
b Dan 9:25; Joh 1:45, 49
c Gen 15:18; IzE 3:25

**11:8** *Noma, "ezenziwe ngokuncibilikisiwe." #Noma, "ezifiselekayo." **11:14** *Noma, "Amadodana abaphangi."

**11:15, 22** *Noma, "Izingalo." **11:16** *Noma, "loBuhle." **11:17** *Noma, "Iyomisa ubuso bayo ukuze ize." **11:20** *"Umqoqi," mhlawumbe umqoqi wentela. **11:21** *Noma, "onyanyekayo." #Noma kungaba, "uyofika ngaphandle kwesixwayiso." △Noma, "ngokusebenzisa amazwi abushelelezi."

naye, uyoqhubeka ekhohlisa
futhi asukume abe namandla
esebenzisa isizwe esincane.
**24** Ngesikhathi sokulondeka
uyoza* ezindaweni ezicebile#
zesifundazwe,△ enze lokho oyi-
se nokhokho bakhe abanga-
zange bakwenze. Uyobabela
impango nezimpahla; uyoceba
amacebo ngezindawo ezinezivi-
kelo eziqinile, kodwa okwesi-
khashana.

**25** “Uyoqunga isibindi uku-
ba alwe nenkosi yaseningi-
zimu ngebutho elikhulu le-
mpi; inkosi yaseningizimu iyo-
hlomela impi ngebutho elikhu-
lu kakhulu nelinamandla. Ko-
dwa inkosi yasenyakatho ngeke
ime, ngoba bayoyakhela uzu-
ngu. **26** Labo abadla izibilibo-
co zakhe bayomwisa.

“Ibutho lakhe lempi liyokhu-
khulwa, abaningi bayobulawa.

**27** “Izinhliziyo zala makhosi
amabili ziyofuna ukwenza oku-
bi, ayokhuluma amanga ehlezi
etafuleni elilodwa. Kodwa aku-
kho lutho oluyophumelela, ngo-
ba isiphelo siyofika ngesikhathi
esimisiwe.[a]

**28** “Iyophindela* emuva
ezweni layo nempahla eni-
ngi, inhliziyo yayo iyomelana
nesivumelwano esingcwele.
Iyokwenza ngokuphumelelayo
bese iphindela ezweni layo.

**29** “Ngesikhathi esimisiwe
iyobuya imelane neningizimu.
Kodwa kulokhu ngeke kube
njengasekuqaleni, **30** ngoba
imikhumbi yaseKitimi[b] iyoyi-
hlasela, futhi yona iyothotshi-
swa.

“Iyophindela emuva ikhiphe-
le ulaka lwayo* esivumelwane-
ni esingcwele,[a] yenze ngokuphu-
melelayo; iyophindela emuva
inake labo abashiya isivumelwa-
no esingcwele. **31** Amabutho*
ayoma, evela kuyo; ayongcolisa
indlu engcwele,[b] inqaba, aqede
umnikelo owenziwa njalo.[c]

“Ayobeka into enyanyekayo
ebangela incithakalo.[d]

**32** “Labo abenza ngokona-
kala bemelene nesivumelwano,
iyobaholela ekuhlubukeni nga-
mazwi ayengayo.* Kodwa aba-
ntu abamaziyo uNkulunkulu
wabo, bayonqoba futhi benze
ngokuphumelelayo. **33** Labo
abahlakaniphile[e] phakathi kwa-
bantu bayodlulisela ukuqonda
kwabaningi. Bayokuwa nge-
nkemba nangelangabi, ngoku-
thunjwa nangokuphangwa, izi-
nsuku ezithile. **34** Kodwa la-
pho bewa bayonikwa usizo
olungatheni; abaningi bayozi-
hlanganisa nabo ngenkulumo
eyengayo.* **35** Abanye balabo
abahlakaniphile bayowa, uku-
ze kwenziwe umsebenzi wo-
kucwenga futhi ukuze kwenzi-
we ukuhlanza, kwenziwe mhlo-
phe,[f] kuze kube sesikhathini
sokuphela; ngoba kuyoba sesi-
khathini esimisiwe.

**36** “Inkosi yasenyakatho
iyokwenza ekuthandayo, iyozi-
phakamisa izikhulise ngaphe-
zu kwabo bonke onkulunkulu;
iyokhuluma izinto ezishaqisayo
ngoNkulunkulu wonkulunku-
lu.[g] Iyophumelela kuze kube yi-
lapho ukulahlwa sekuphelelisi-
we; ngoba okunqunyiwe ku-
mele kwenzeke. **37** Ngeke im-
hloniphe uNkulunkulu woyise;
ngeke isinake nesifiso sabesifa-
zane noma ihloniphe noma yi-
muphi unkulunkulu, kodwa

**ISAHL. 11**
a Dan 12:9
b Gen 10:4; Num 24:24; Isay 23:1; Jer 2:10; Hez 27:6

**Uhla 2**
a Dan 11:28
b Dan 8:11
c Dan 8:12
d Dan 12:11; Mat 24:15; Mar 13:14; Luk 21:20
e Dan 12:10
f Dan 12:10
g Dut 10:17; Hu 136:1, 2

**11:24** *Noma kungaba, “Uyoza ngaphandle kwesixwayiso.” #NgesiHebheru, “emanonini.” △Noma, “zesifunda sombuso.” **11:28** *Cishe kubhekiselwa enkosini yasenyakatho. **11:30** *Noma, “iqondise intukuthelo yayo.”

**11:31** *Noma, “Izingalo.” **11:32** *Noma, “abushelelezi; okukhohlisa.” **11:34** *Noma, “ebushelelezi; ekhohlisayo.”

iyoziphakamisa ngaphezu kwa-
wo wonke umuntu. **38** Kuna-
lokho* iyokhazimulisa unkulu-
nkulu wezinqaba; iyokhazimu-
lisa unkulunkulu oyise aba-
ngazange bamazi, ngegolide
nangesiliva nangamatshe ayi-
gugu nangezinto ezifiseleka-
yo.[#] **39** Iyokwenza ngokuphu-
melelayo imelane neziphephe-
lo ezinezivikelo eziqine kunazo
zonke, ikanye nonkulunkulu*
wezinye izizwe. Iyobakhazimu-
lisa kakhulu labo abayiqaphe-
layo,[#] iyobenza babuse phaka-
thi kwabaningi; iyokwaba[△] um-
hlaba ngentengo.

**40** "Esikhathini sokuphela
inkosi yaseningizimu iyongqu-
buzana nayo, futhi inkosi ya-
senyakatho iyoyihlasela ngezi-
nqola nangabagibeli bamahha-
shi nangemikhumbi eminingi;
iyongena emazweni ikhukhule
njengesikhukhula. **41** Iyonge-
na nasezweni loMhlobiso,*[a]
amazwe amaningi ayowa. Ko-
dwa yilawa ayophunyuka esa-
ndleni sayo: u-Edomi noMowabi
nengxenye eyinhloko yabakwa-
Amoni. **42** Iyoqhubeka yelu-
lela isandla sayo emazweni;
izwe laseGibhithe ngeke liphu-
nyuke. **43** Iyobusa phezu ko-
mcebo ofihliwe wegolide nesili-
va naphezu kwazo zonke izinto
eziyigugu* zaseGibhithe. Aba-
seLibhiya nabaseTopiya bayo-
ba sezithendeni zayo.[#]

**44** "Kodwa iyophazanyiswa
yimibiko evela empumalanga
nasenyakatho, iyophuma ngo-
laka olukhulu ukuze ibhuqe fu-
thi iqothule abaningi. **45** Iyo-
misa amatende ayo asebukho-
sini* phakathi kolwandle olu-
khulu nentaba engcwele
yoMhlobiso;[#][a] kuyophela ngayo
futhi akekho oyoyisiza.

**12** "Ngaleso sikhathi uMika-
yeli,*[b] isikhulu esiphake-
me[c] esimele abantu[#] bakini,
uyosukuma.[△] Kuyoba khona isi-
khathi sosizi olungakaze lube
khona selokhu kwaba kho-
na isizwe kuze kube yileso si-
khathi. Ngaleso sikhathi aba-
ntu bakini bayophunyuka,[d] bo-
nke abatholakala belotshiwe
encwadini.[e] **2** Abaningi bala-
bo abalele othulini lomhla-
ba bayovuka, abanye bavukele
ekuphileni okuphakade abanye
bavukele esihlambeni naseku-
hlazekeni phakade.

**3** "Abahlakaniphile bayo-
khanya njengokukhanya kom-
khathi wezulu, nalabo abale-
tha abaningi ekulungeni, ba-
khanye njengezinkanyezi kuze
kube phakade naphakade.

**4** "Kepha wena Daniyeli, gci-
na la mazwi eyimfihlo, uyivale
incwadi kuze kube isikhathi so-
kuphela.[f] Abaningi bayoyihlo-
la ngokucophelela* futhi ulwa-
zi lweqiniso luyoba luningi."[g]

**5** Ngemva kwalokho mina
Daniyeli, ngabheka ngabona
abanye ababili bemi lapho,
omunye emi osebeni lomfu-
la olunganeno omunye emi
osebeni lomfula olungapheshe-
ya.[h] **6** Omunye wathi kumu-
ntu owayembethe ilineni,[i] owa-
yengaphezu kwamanzi omfu-
la: "Kuyothatha isikhathi esi-
ngakanani ngaphambi koku-
ba lezi zinto ezimangalisayo

ISAHL. 11
*a* Hu 48:2; Dan 8:9; Dan 11:16, 45

Uhla 2
*a* Hu 48:2; Dan 8:9; Dan 11:16, 41

ISAHL. 12
*b* Dan 10:13; Jud 9; IsA 12:7, 8
*c* Dan 10:21
*d* Isay 26:20; Jow 2:31, 32; Mat 24:21, 22; IsA 7:13, 14
*e* Mal 3:16; Luk 10:20; IsA 3:5
*f* Dan 8:17, 26; Dan 12:9
*g* Isay 11:9
*h* Dan 10:4
*i* Dan 10:5, 6

**11:38** *Noma, "Kodwa esikhundleni sayo." #Noma, "eziyigugu." **11:39** *Noma, "isizwa unkulunkulu." #Noma kungaba, "labo ebaqaphelayo." △Noma, "iyohlukanisa." **11:41** *Noma, "loBuhle." **11:43** *Noma, "ezifiselekayo." #Noma, "bayoyilandela."

**11:45** *Noma, "asesigodlweni." #Noma, "yoBuhle." **12:1** *Incazelo: "Ubani OnjengoNkulunkulu?" #NgesiHebheru, "amadodana abantu." △Noma, "uyophakama." **12:4** *Noma, "bayozulazula."

zigcwaliseke?” **7** Ngakho nge-
zwa umuntu owayembethe ili-
neni, owayengaphezu kwama-
nzi omfula, njengoba ayepha-
kamisela isandla sakhe soku-
dla nesandla sakhe sobunxele
emazulwini, efunga Lowo ophi-
la kuze kube phakade ethi:[a]
“Kuyodlula isikhathi esimisiwe,
izikhathi ezimisiwe nengxe-
nye yesikhathi.* Ngokushesha
nje lapho sekuqediwe ukupha-
hlazwa kwamandla abangcwe-
le,[b] zonke lezi zinto ziyophele-
liswa.”
**8** Mina ngezwa, kodwa nga-
ngingaqondi;[c] ngakho ngathi:
“O nkosi yami, uyoba yini um-
phumela walezi zinto?”
**9** Wathi: “Hamba, Daniyeli,
ngoba la mazwi kufanele agci-
nwe eyimfihlo futhi evaliwe
kuze kube sesikhathini so-
kuphela.[a] **10** Abaningi bayo-
zihlanza bazenze mhlophe fu-
thi bayocwengwa.[b] Ababi ba-
yokwenza kabi futhi abekho
nhlobo ababi abayoqonda; ko-
dwa abahlakaniphile bayoqo-
nda.[c]
**11** “Kusukela esikhathini
okuyosuswa ngaso umnike-
lo owenziwa njalo[d] futhi kube-
kwe into enyanyekayo ebange-
la incithakalo,[e] kuyoba izinsu-
ku ezingu-1 290.
**12** “Uyajabula ohlala elindi-
le* nofinyelela ezinsukwini ezi-
ngu-1 335!
**13** “Kodwa wena, hamba
uye ekupheleni. Uzophumula
kodwa uyosukuma ukuze utho-
le umvuzo* wakho ekupheleni
kwezinsuku.”[f]

**12:7** *Okuwukuthi, izikhathi ezintathu nengxenye.

**12:12** *Noma, “elinde ngokulangazela.”
**12:13** *Noma, “isabelo.”

**ISAHL. 12**
a Dan 4:34; IsA 4:9; IsA 10:6
b Dan 8:24
c Luk 18:34; IzE 1:7; 1Pe 1:10, 11

**Uhla 2**
a Dan 8:17, 26; Dan 10:14; Dan 12:4
b Dan 11:35
c Hu 111:10; Dan 11:33; Dan 12:3
d Dan 8:11
e Dan 11:31; Mar 13:14
f Joh 11:24; IzE 17:31; IzE 24:15; IsA 20:12

# UHOSEYA

## UHLU LOKUPHAKATHI

1 UmkaHoseya nezingane azizala (1-9)
- UJizreyeli (4), uLo-ruhama (6), noLo-ami (9)
- UJehova uzimisele ukubuyisa u-Israyeli abe umkakhe (10, 11)

2 U-Israyeli ongathembekile uyajeziswa (1-13)
- Ukubuyiselwa kuJehova ukuze abe umyeni wakhe (14-23)
  - “Wena uyongibiza ngokuthi myeni wami” (16)

3 UHoseya ubuyisa umkakhe ofebayo (1-3)
- U-Israyeli uyobuyela kuJehova (4, 5)

4 UJehova uqulisa u-Israyeli icala (1-8)
  - Akukho lwazi ngoNkulunkulu ezweni (1)
- Ukukhonza izithixo nokuziphatha kabi kuka-Israyeli (9-19)
  - Umoya wokuziphatha kabi uyadukisa (12)

5 Kwahlulelwa u-Efrayimi noJuda (1-15)

6 Isimemo sokubuyela kuJehova (1-3)
- Uthando lwabantu oluqotho lwesikhashana (4-6)
  - Uthando oluqotho lungcono kunomhlatshelo (6)
- Ukuziphatha kwabantu okuhlazisayo (7-11)

7 Kuchazwa ububi buka-Efrayimi (1-16)
  - Ngeke libalekelwe inetha likaNkulunkulu (12)

8 Bavuna imiphumela yokukhonza izithixo (1-14)

Bahlwanyela umoya, bavuna isivunguvungu (7)
U-Israyeli umkhohliwe uMenzi wakhe (14)

9 Izono zika-Efrayimi zenza uNkulunkulu amlahle (1-17)
Ukuzinikela kunkulunkulu oyihlazo (10)

10 U-Israyeli, isihlahla samagilebhisi esiwohlokayo, uyobhujiswa (1-15)
Ukuhlwanyela nokuvuna (12, 13)

11 Uthando lukaNkulunkulu ngo-Israyeli kusukela esengumfana (1-12)
"Ngayibiza indodana yami ukuba iphume eGibhithe" (1)

12 U-Efrayimi kufanele abuyele kuJehova (1-14)
UJakobe walwa noNkulunkulu (3)
UJakobe wakhala ukuze athole umusa kaNkulunkulu (4)

13 U-Efrayimi okhonza izithombe wamkhohlwa uJehova (1-16)
"Luphi udosi lwakho Kufa?" (14)

14 Isimemo sokubuyela kuJehova (1-3)
Ukunikela ngokudumisa kwezindebe (2)
Ukuphulukiswa kokungathembeki kuka-Israyeli (4-9)

---

**1** Leli yizwi likaJehova elafi-
ka kuHoseya* indodana ka-
Bheyeri ezinsukwini zika-Uzi-
ya,[a] uJothamu,[b] u-Ahazi[c] noHe-
zekiya,[d] amakhosi akwaJu-
da,[e] nasezinsukwini zikaJero-
bowamu[f] indodana kaJowashi,[g]
inkosi yakwa-Israyeli. **2** La-
pho uJehova eqala ukukhulu-
ma ngoHoseya, uJehova wathi
kuHoseya: "Hamba uyoshada
owesifazane ofebayo* nibe ne-
zingane zobufebe, ngoba nge-
nxa yobufebe# izwe limfulathe-
le ngokuphelele uJehova."[h]
**3** Ngakho wahamba wayo-
shada noGomere indodakazi
kaDibilayimi, wakhulelwa wa-
mzalela indodana.
**4** UJehova wabe esethi kuye:
"Yiqambe ngokuthi uJizreye-
li* ngoba kungekudala ngizoye-
nza ilandise indlu kaJehu[i] nge-
nxa yezenzo zokuchitha igazi
zaseJizreyeli, ngiqede ubukho-
si bendlu ka-Israyeli.[a] **5** Ngalo-
lo suku ngiyophula umnsalo ka-
Israyeli eSigodini* SaseJizreye-
li."
**6** Waphinde wakhulelwa wa-
zala indodakazi. UNkulunku-
lu wathi kuHoseya: "Yiqambe
ngokuthi uLo-ruhama,* ngo-
ba ngeke ngisayibonisa isi-
he[b] indlu yakwa-Israyeli, ngo-
ba nakanjani ngizoyihambi-
sa.[c] **7** Kodwa ngizoyibonisa
isihe indlu yakwaJuda,[d] ngi-
yisindise ngoJehova uNkulu-
nkulu wayo;[e] ngeke ngiyisindi-
se ngomnsalo noma ngenke-
mba noma ngempi noma nga-
mahhashi noma ngabagibeli
bamahhashi."[f]
**8** Ngemva kokuyekisa uLo-
ruhama ibele, wakhulelwa wa-
zala indodana. **9** UNkulunku-
lu wabe esethi: "Yiqambe ngo-
kuthi uLo-ami,* ngoba nina ani-
bona abantu bami nami ngeke
ngibe ngowenu.

**ISAHL. 1**
*a* 2Kr 26:1, 3, 4
*b* 2Kh 15:32-34
*c* 2Kh 16:1-3
*d* 2Kh 18:1-3
*e* Isay 1:1, Mik 1:1
*f* 2Kh 14:23, 24, Amo 1:1
*g* 2Kh 13:10, 11
*h* Dut 31:16, Hos 3:1
*i* 2Kh 10:29-31

**Uhla 2**
*a* 2Kh 15:8, 10
*b* Hos 2:23
*c* 2Kh 17:6, 2Kh 17:22, 23
*d* Hos 11:12
*e* 2Kh 19:34, 35
*f* Isay 37:36

---

**1:1** *Yisifushaniso selithi Hoshaya, elisho ukuthi "Osindiswe UJah; UJah Usindisile." **1:2** *Noma, "oziphethe kabi." #Noma, "yokuziphatha kabi." **1:4** *Incazelo: "UNkulunkulu Uyohlwanyela Imbewu."

**1:5** *Noma, "eThafeni Eliphansi." **1:6** *Incazelo: "Ongaboniswanga Isihe." **1:9** *Incazelo: "Abangebona Abantu Bami."

**10** "Isibalo sabantu* bakwa-
Israyeli siyoba njengesihlaba-
thi solwandle esingenakuka-
lwa noma sibalwe.[a] Endaweni
okwakuthiwa kubo, 'Anibona
abantu bami,'[b] kuyothiwa kubo,
'Abantwana bakaNkulunkulu
ophilayo.'[c] **11** Abantu bakwa-
Juda nabakwa-Israyeli bayoqo-
qelwa ndawonye babe munye,[d]
bazikhethele inhloko eyodwa
baphume ezweni ngoba luyoba
lukhulu usuku lukaJizreyeli.[e]

**2** "Anothi kubafowenu, 'Abantu bami!'*[f]
Kodadewenu nithi, 'O wena wesifazane oboniswe isihe!'#[g]
**2** Msoleni unyoko; msoleni,
Ngoba akayena umkami[h] nami angiyena umyeni wakhe.
Kufanele ayeke ukufeba
Asuse nokuphinga kwakhe phakathi kwamabele akhe,
**3** Ngale kwalokho ngizomhlubula abe nqunu, ngimenze abe njengasosukwini lokuzalwa kwakhe,
Ngimenze abe njengehlane,
Ngimnciphise abe yizwe elingenamanzi,
Ngimenze abulawe ukoma.
**4** Ngeke ngiwabonise isihe amadodana akhe,
Ngoba angamadodana obufebe.*
**5** Ngoba unina wenze ubufebe.*[i]
Lowo owawakhulelwa wenze ngokuhlazisayo,[j] ngoba uthe,
'Ngizolandela izithandwa zami ezingikhanukelayo,[k]
Labo abanginika isinkwa namanzi,
Uboya nelineni, amafutha nesiphuzo.'
**6** Ngakho indlela yakhe ngiyoyivimba ngameva;
Ngiyophakamisa udonga lwamatshe lumvimbe,
Ukuze angazitholi izindlela zakhe.
**7** Uyogijima alandele izithandwa zakhe ezimkhanukelayo, kodwa ngeke azifice;[a]
Uyozifuna, kodwa ngeke azithole.
Uyobe esethi, 'Ngizobuyela kumyeni wami,*[b]
Ngoba kwakungihambela kahle ngaleso sikhathi kunamanje.'[c]
**8** Akazange abone ukuthi yimi owayemnika ukudla okusanhlamvu,[d] iwayini elimnandi namafutha,
Nokuthi yimi owayemnika isiliva eliningi
Negolide ababelisebenzisela uBhali.[e]
**9** 'Ngakho ngizobuya ngithathe ukudla kwami okusanhlamvu ngesikhathi sako
Newayini lami elimnandi ngenkathi yalo,[f]
Ngizohlwitha uboya bami nelineni lami okwakuzomboza ubunqunu bakhe.
**10** Manje ngizokwembula izitho zakhe zangasese phambi kwezithandwa zakhe ezimkhanukelayo,
Akunamuntu oyomsindisa esandleni sami.[g]
**11** Ngizoyiqeda yonke injabulo yakhe,
Imikhosi yakhe,[h] ukwethwasa kwezinyanga zakhe, amasabatha akhe

ISAHL. 1
a Gen 13:16; Gen 22:17
b 1Pe 2:10
c Rom 9:25, 26; 2Ko 6:18
d Ezr 3:1; Isay 11:12; Jer 3:18; Hez 37:19; Mik 2:12
e Hos 2:22

ISAHL. 2
f Jer 31:33; Hez 36:28; Zak 13:9
g Hos 2:23
h Jer 3:8
i Hez 23:4, 5; Hos 3:1
j Ezr 9:6; Dan 9:7; Hos 9:10
k Hez 23:7, 8; Hos 8:9

Uhla 2
a Isay 31:1; Hos 5:13
b Jer 31:18; Hez 23:4; Hos 5:15
c Dut 32:12-14; Neh 9:25
d Dut 32:28; Isay 1:3
e Hos 8:4
f Isay 17:11
g Hu 50:22; Hos 5:14
h Amo 5:21; Amo 8:10

**1:10** *NgesiHebheru, "samadodana." **2:1** *Bheka umbhw. kaHos 1:9. #Bheka umbhw. kaHos 1:6. **2:4** *Noma, "okuziphatha okubi." **2:5** *Noma, "uziphathe kabi."

**2:7** *Noma, "kumyeni wami wokuqala."

nazo zonke izinkathi za-
khe zemikhosi.
12 Ngizozenza zibe incitha-
kalo izihlahla zakhe za-
magilebhisi nezomkhiwa-
ne, athe ngazo:
“Ziwumholo wami, engiwu-
nikwe izithandwa zami
ezingikhanukelayo”;
Ngizozenza zibe yihlathi,
Izilwane zasendle zizozi-
shwabadela.
13 Ngizomenza alandise ngezi-
nsuku ayenzela ngazo izi-
thombe zikaBhali imihla-
tshelo,[a]
Ngesikhathi ezihlobisa nge-
zindandatho zakhe na-
ngemihlobiso yakhe, ela-
ndela nezithandwa zakhe
ezimkhanukelayo,
Yimina amkhohlwa,’[b] kusho
uJehova.
14 ‘Ngakho ngizomncenga,
Ngizomholela ehlane,
Ngizokhuluma naye ukuze
ngizuze inhliziyo yakhe.
15 Ngizombuyisela amasimu
akhe amagilebhisi kusu-
kela ngaleso sikhathi ku-
qhubeke,[c]
ISigodi* Sase-Akori[d] siyoba
isango lethemba kuye;
Uyophendula lapho njenga-
sezinsukwini zobusha ba-
khe,
Njengasosukwini aphuma
ngalo ezweni laseGibhi-
the.[e]
16 Ngalolo suku,’ kusho uJe-
hova,
‘Wena uyongibiza ngokuthi,
myeni wami, ngeke usa-
ngibiza ngokuthi nkosi
yami.’*
17 ‘Ngiyowasusa amagama ezi-
thombe zikaBhali emlo-
nyeni wakhe,[f]
Ngeke zisakhunjulwa nga-
magama azo.[a]
18 Ngalolo suku, ngiyobenzela
isivumelwano nezilwane
zasendle[b]
Nezinyoni zamazulu nezi-
nto ezihuquzelayo zasem-
hlabathini;[c]
Ngiyowuqeda umnsalo ne-
nkemba nempi ezweni,[d]
Ngiyobenza balale* ngoku-
londeka.[e]
19 Ngiyokwenza ube umakoti
wami kuze kube phakade;
Ngiyozinikela ekukubonise-
ni ukulunga nobulungisa,
Ngothando oluqotho nange-
sihe.[f]
20 Ngiyozinikela kuwe ngo-
kwethembeka,
Nakanjani uyomazi uJe-
hova.’[g]
21 ‘Ngalolo suku ngiyophendu-
la,’ kusho uJehova,
‘Ngiyophendula amazulu,
Wona aphendule umhlaba;[h]
22 Umhlaba uyophendula uku-
dla okusanhlamvu newa-
yini elisha namafutha;
Kona kuyophendula uJizre-
yeli.*[i]
23 Ngiyozihlwanyelela yena
njengembewu emhlaba-
thini,[j]
Ngiyombonisa isihe yena
ongaboniswanga isihe;*
Ngiyothi kulabo abangebo-
na abantu bami:# “Ninga-
bantu bami,”[k]
Bona, bayothi: “UnguNku-
lunkulu wami.” ’ ”[l]

3 Ngemva kwalokho uJehova
wathi kimi: “Hamba uphi-
nde uthande owesifazane otha-
ndwa enye indoda nophingayo,[m]

ISAHL. 2
a Hlu 3:7; 1Kh 16:30-32; 2Kh 10:28; Hos 11:2
b Isay 17:10
c Dut 30:5; Isay 65:21; Jer 32:15; Hez 28:25, 26; Amo 9:14
d Jos 7:24-26; Isay 65:10
e Eks 15:1
f Eks 23:13; Jos 23:6, 7

Uhla 2
a Zak 13:2
b Hez 34:25
c Isay 11:6-8
d Isay 2:4; Hez 39:9; Zak 9:10
e Lev 26:5, 6; Jer 23:6; Mik 4:3, 4
f Mik 7:18
g Isay 54:13; Jer 24:7; Jer 31:34
h Dut 28:12; Zak 8:12
i Hos 1:11
j Jer 31:27
k Hos 2:1; Rom 9:25, 26; 1Pe 2:10
l Hos 1:10

ISAHL. 3
m Hos 1:2, 3

2:15 *Noma, “IThafa Eliphansi.” 2:16 *Noma, “Bhali wami.”

2:18 *Noma, “Ngiyobavumela baphile.” 2:22 *Incazelo: “UNkulunkulu Uyohlwanyela Imbewu.” 2:23 *Bheka umbhw. kaHos 1:6. #Bheka umbhw. kaHos 1:9.

njengoba nje uJehova ethanda
abantu bakwa-Israyeli[a] kuyila-
pho bona bephendukela kwaba-
nye onkulunkulu[b] futhi betha-
nda amakhekhe enziwe ngama-
gilebhisi omisiwe."*
**2** Ngakho ngazithengela yena
ngezinhlamvu zesiliva ezingu-15
nangehomere* nangohhafu we-
bhali. **3** Ngabe sengithi kuye:
"Uzoqhubeka ungowami izinsu-
ku eziningi. Akumele ufebe,*
akumele ulale nenye indoda,
nami ngizokwenza okufanayo
kuwe."#
**4** Lokhu kungenxa yokuthi
abantu bakwa-Israyeli bayohla-
la isikhathi eside* bengena-
yo inkosi,[c] bengenaso isikhu-
lu, bengenawo umhlatshelo, be-
ngenayo insika, bengenayo ne-
efodi[d] nezithixo zamatherafi.#[e]
**5** Ngemva kwalokho abantu
bakwa-Israyeli bayobuya bafu-
ne uJehova uNkulunkulu wabo[f]
noDavide inkosi yabo,[g] bayoza
bethuthumela kuJehova nase-
buhleni bakhe engxenyeni yo-
kugcina yezinsuku.[h]

**4** Bantu bakwa-Israyeli, yi-
zwani izwi likaJehova,
Ngoba kunecala uJehova
azoliqulisa abahlala
ezweni,[i]
Ngoba akukho qiniso nalu-
thando oluqotho nalwazi
ngoNkulunkulu ezweni.[j]
**2** Kusakazeke izifungo zama-
nga nokuqamba amanga[k]
nokubulala[l]
Nokweba nokuphinga,[m]
Izenzo zokuchitha igazi zi-
yalandelana.[n]
**3** Yingakho izwe lizolila[a]
Bonke abahlala kulo bazo-
wohloka;
Izilwane zasendle nezinyo-
ni zamazulu,
Ngisho nezinhlanzi zaso-
lwandle zizoshabalala.
**4** "Nokho, ungavumeli muntu
ukuba alwe noma asole,[b]
Ngoba abantu bakini bafa-
na nalabo abalwa nompri-
sti.[c]
**5** Ngakho uyokhubeka emini
bebade,
Nomprofethi uyokhubeka
kanye nawe njengokunga-
thi kusebusuku.
Ngiyombhubhisa* unyoko.
**6** Abantu bami bayobhuji-
swa* ngoba alukho
ulwazi.
Ngenxa yokuthi ulwenqabi-
le ulwazi,[d]
Nami ngizokwenqabela
ukuba ukhonze njengom-
pristi wami;
Ngenxa yokuthi uwukhohli-
we umthetho# kaNkulu-
nkulu wakho,[e]
Nami ngiyowakhohlwa
amadodana akho.
**7** Lapho beqhubeka banda
kwakuba yilapho bengona
nakakhulu.[f]
Inkazimulo yabo ngizoyishi-
ntsha ibe ihlazo.*
**8** Bazondla ngesono sabantu
bami,
Umphefumulo* wabo ulo-
khu ufisa isiphambeko
sabo.
**9** "Kuyokwenzeka okufanayo
kubantu nakumpristi;
Ngiyobenza balandise nge-
zindlela zabo,

ISAHL. 3
a Dut 7:6-8
2Kh 13:23
Hu 106:44, 45
b Hlu 10:13
Jer 3:20
c 2Kh 17:6
2Kh 18:9, 10
d Hlu 8:27
e Hlu 17:5
1Sa 19:15, 16
f Jer 50:4
g Jer 30:9
Hez 34:23, 24
Hez 37:24, 25
Amo 9:11
Luk 1:31-33
h Dut 4:30

ISAHL. 4
i Mik 6:2
j Mik 7:2
k Hos 11:12
l 1Kh 21:18, 19
m Hez 23:37
n Hos 1:4
Hos 6:8, 9

Uhla 2
a Amo 8:7, 8
b Amo 5:10, 13
c Dut 17:12
d Jer 2:8
e 2Kh 17:15, 16
f Ezr 9:6, 7

**3:1** *Okuwukuthi, lawo ayesetshenziswa ekukhulekeleni kwamanga. **3:2** *Ihomere lalilingana no-220 L. Bheka iSithasiselo B14. **3:3** *Noma, "uziphathe kabi." #Noma, "ngeke ngilale nawe." **3:4** *NgesiHebheru, "izinsuku eziningi." #Noma, "onkulunkulu bomndeni; izithixo."

**4:5** *Noma, "Ngiyomthulisa." **4:6** *Noma, "bayothuliswa." #Noma, "imfundiso." **4:7** *Noma kungaba, "Esikhundleni senkazimulo yami batho-le ihlazo." **4:8** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama, "Umphefumulo."

Ngibalethele imiphumela
yezenzo zabo.[a]
10 Bayodla kodwa ngeke basuthe.[b]
Bayoya ocansini nabantu
abaningi,* kodwa ngeke
bazale zingane,[c]
Ngoba abazange bamnake
uJehova.
11 Ubufebe* newayini kanye
newayini elisha
Kuqeda isisusa sokwenza
okuhle.[d]
12 Abantu bami babuza isithixo sabo sokhuni,
Benza abakutshelwa udondolo* lwabo;
Ngoba umoya wobufebe#
uyabadukisa,
Ngobufebe△ babo bayenqaba ukuzithoba kuNkulunkulu wabo.
13 Benza imihlatshelo eziqongweni zezintaba,[e]
Nasemagqumeni bashunqisa imihlatshelo,
Ngaphansi kwezihlahla zeoki nezesitorakisi nazo
zonke izihlahla ezinkulu,[f]
Ngoba umthunzi wazo muhle.
Yingakho amadodakazi enu
efeba*
Nomalokazana benu bephinga.
14 Ngeke ngiwenze alandise
amadodakazi enu ngenxa
yokuthi ayafeba,*
Nomalokazana benu ngenxa yokuthi bayaphinga.
Ngoba amadoda ahamba
nezifebe
Enze imihlatshelo nezifebe
zasethempelini;
Isizwe esinjalo
esingaqondi[a] siyobhujiswa.
15 Nakuba ufeba* Israyeli,[b]
UJuda makangabi necala.[c]
Maningezi eGiligali[d] noma
eBheti-aveni,[e]
Ningafungi nithi, 'Ngimfunge uJehova!'[f]
16 Ngoba, njengenkomo enenkani, u-Israyeli ube nenkani.[g]
Ingabe manje uJehova uzomelusa njengemvu yeduna edlelweni elivulekile?
17 U-Efrayimi uhlangene nezithixo.[h]
Myekeni enjalo!
18 Lapho ubhiya* wabo usuphelile,
Baziphatha kabi.#
Ababusi△ bakhe balithanda
kakhulu ihlazo.[i]
19 Umoya uyomsonga ngamaphiko awo,
Bayoba namahloni ngemihlatshelo yabo."

5 "Bapristi[j] yizwani lokhu,
Nakani nina ndlu ka-Israyeli,
Lalelani nina ndlu yenkosi,
Ngoba nizokwahlulelwa;
Ngoba niyisicupho eMizpa
Nenethi elendlalwe phezu
kweThabori.[k]
2 Labo abahlubukayo bangene shi emsebenzini wokubulala,
Bonke ngiyabaxwayisa.*
3 Ngiyamazi u-Efrayimi,
No-Israyeli akafihlekile
kimi.

**4:10** *Noma, "Bayoziphatha kabi ngendlela eshaqisayo; Bayofeba." **4:11** *Noma, "Ukuziphatha kabi." **4:12** *Noma, "induku yombhuli." #Noma, "wokuziphatha kabi." △Noma, "Ngokuziphatha kabi." **4:13** *Noma, "eziphatha kabi." **4:14** *Noma, "aziphethe kabi."

**4:15** *Noma, "uziphethe kabi." **4:18** *Noma, "ubhiya kakolweni." #Noma, "Baziphatha kabi ngendlela eshaqisayo; Bayafeba." △NgesiHebheru, "Abavikeli." **5:2** *Noma, "ngizobayala."

ISAHL. 4
a Amo 3:1, 2
b Lev 26:26; Mik 6:14
c Hos 9:11, 12
d IzA 20:1; IzA 23:31, 33; Isay 28:7
e Jer 3:6
f 2Kh 17:10-12; Jer 2:20; Hez 20:28

Uhla 2
a Jer 4:22
b Hez 23:4, 5
c 2Kh 17:18
d Hos 9:15; Hos 12:11; Amo 4:4
e Hos 5:8; Hos 10:5
f Isay 48:1; Jer 5:2; Hez 20:39
g Hu 78:8; Hu 81:11, 12; Zak 7:11, 12
h Hos 11:2; Hos 13:1, 2
i Mik 7:3

ISAHL. 5
j Hos 4:9
k Hlu 4:6; Jer 46:18

Ngoba manje, wena Efrayimi, wenze ubufebe;*
U-Israyeli uzingcolisile.[a]
4 Izenzo zabo azibavumeli ukuba babuyele kuNkulunkulu wabo,
Ngoba kunomoya wobufebe phakathi kwabo;[b]
Abamqapheli uJehova.
5 Ukuqhosha kuka-Israyeli kufakaze ngokumelene naye;[c]
U-Israyeli no-Efrayimi bakhutshwe isiphambeko sabo,
NoJuda ukhubeke kanye nabo.[d]
6 Bahamba nomhlambi wabo wezimvu nezimbuzi kanye nomhlambi wabo wezinkomo bayofuna uJehova,
Kodwa abamtholanga.
Wayesukile kubo.[e]
7 Bamdumazile uJehova,[f]
Ngoba bazale amadodana ezinye izizwe.*
Manje bona kanye nezabelo# zabo bazoshwabadelwa ngenyanga eyodwa.
8 Shayani uphondo[g] eGibheya, icilongo eRama![h]
Memezani nisho isiqubulo sempi eBheti-aveni[i]—ngemva kwakho Bhenjamini!
9 O Efrayimi, uyoba yinto eshaqisayo ngosuku lokujeziswa.[j]
Ngikwenze kwaziwa okuzokwenzeka nakanjani phakathi kwezizwe zakwa-Israyeli.
10 Izikhulu zakwaJuda zifana nalabo abagudluza umngcele.[k]
Ngizothululela ulaka lwami phezu kwazo njengamanzi.
11 U-Efrayimi ucindezelwe, uchotshozwe isahlulelo,
Ngoba wayezimisele ukulandela isitha sakhe.[a]
12 Ngakho nganginjengesinambuzane* ku-Efrayimi
Nanjengokubola endlini kaJuda.
13 Lapho u-Efrayimi ebona ukugula kwakhe, noJuda ebona isilonda sakhe,
U-Efrayimi waya e-Asiriya[b] wathumela enkosini enkulu.
Kodwa ayikwazanga ukunelapha,
Ayikwazanga ukwelapha isilonda senu.
14 Ngoba ngizoba njengebhubesi eliselincane* ku-Efrayimi,
Nanjengebhubesi elinamandla endlini kaJuda.
Mina ngokwami ngizobadwengula ngihambe;[c]
Ngiyohamba nabo, akekho oyobasindisa.[d]
15 Ngizohamba ngibuyele endaweni yami kuze kube yilapho bebhekana nemiphumela yecala labo,
Ngemva kwalokho bayofuna umusa wami.[e]
Lapho becindezelekile, bayongifuna."[f]

6 "Wozani, masibuyele kuJehova,
Ngoba usidwengule saba izicucu,[g] kodwa uzosiphulukisa.
Usishayile kodwa uzosibopha amanxeba.

---

5:3 *Noma, "uziphathe kabi." 5:7 *Kungenzeka azalwe abafazi bakwezinye izizwe, ngakho ahlukanisiwe noNkulunkulu. #Noma, "namasimu."

5:12 *NgesiHebheru, "nganginjengenundu." Okuwukuthi, isinambuzane esenza umonakalo esibukeka njengovemvane. 5:14 *Noma, "njengengonyama esencane enomhlwenga."

ISAHL. 5
a Hez 23:4, 5; Hos 4:17, 18
b Hos 4:12; Amo 2:7
c Isay 9:9, 10; Hos 7:10
d 2Kh 17:19, 20; Hez 23:30, 31; Amo 2:4, 5
e Isay 1:15; Mik 3:4
f Isay 48:8; Jer 3:20
g Hos 8:1
h Isay 10:29
i Hos 4:15; Hos 10:5
j Isay 28:1-3; Hos 9:13
k Dut 19:14

Uhla 2
a 1Kh 20:1
b Hos 8:9; Hos 12:1
c Hu 50:22
d Amo 2:14
e Lev 26:38, 40
f Dut 4:29, 30; Dut 30:10

ISAHL. 6
g Hos 5:14

2 Uzosiphilisa ngemva kwezinsuku ezimbili.
Ngosuku lwesithathu uzosivusa
Siphile phambi kwakhe.
3 Sizokwazi, ngobuqotho sizofuna ukumazi uJehova.
Ukuphuma kwakhe kuqiniseke njengokuntwela kokusa;
Uzoza kithi njengemvula,
Njengemvula yasentwasahlobo ematisa umhlaba."
4 "Kufanele ngenzeni ngawe Efrayimi?
Kufanele ngenzeni ngawe Juda?
Ngoba uthando lwakho oluqotho lunjengamafu asekuseni,
Lunjengamazolo ashabalala ngokuphazima kweso.
5 Yingakho ngiyobanquma ngabaprofethi;[a]
Ngiyobabulala ngamazwi omlomo wami.[b]
Izahlulelo zami ngokumelene nani ziyokhanya njengesibani.[c]
6 Ngoba ngijabula ngothando oluqotho,* hhayi ngomhlatshelo,
Ngijabula ngolwazi ngoNkulunkulu kunangeminikelo eshiswayo ephelele.[d]
7 Kodwa bona, njengabantu abavamile, basephulile isivumelwano.[e]
Yilapho lapho bengikhohlise khona.
8 IGileyadi liyidolobhana labenzi bokubi,[f]
Ligcwele ukuchithwa kwegazi.[g]
9 Iqembu labapristi linjengamaviyo aphangayo acuthela umuntu.
Liyabulala emgwaqweni eShekemi[h]
Ngoba liziphatha ngendlela ehlazisayo.
10 Ngibone into enyantisayo endlini yakwa-Israyeli.
Lapho, u-Efrayimi uyafeba;[a]
U-Israyeli uzingcolisile.[b]
11 Kodwa wena Juda, ubekelwe isivuno,
Lapho ngibuyisa abantu bami abayizithunjwa."[c]

7 "Ngesikhathi engiyophulukisa ngaso u-Israyeli,
Isiphambeko sika-Efrayimi naso siyokwambulwa[d]
Kanye nobubi beSamariya.[e]
Ngoba bayakhohlisa;[f]
Amasela ayagqekeza namaviyo abaphangi ayahlasela ngaphandle.[g]
2 Kodwa abasho ezinhliziyweni zabo ukuthi ngiyobukhumbula bonke ububi babo.[h]
Manje izenzo zabo zibahaqile;
Sebephambi kobuso bami.
3 Bajabulisa inkosi ngobubi babo,
Nezikhulu ngenkohliso yabo.
4 Bonke bayiziphingi,
Bavutha njengohhavini obaswe umbhaki
Oyeka ukuhlokoza umlilo ngemva kokuxova inhlama kuze kube yilapho isibilile.
5 Ngosuku lwenkosi yethu, izikhulu zigulile
—Zinolaka ngenxa yewayini.[i]
Yelulele isandla sayo kubahleki bosulu.
6 Ngoba basondela ngezinhliziyo ezishisa njengohhavini.*

6:6 *Noma, "ngesihe."

7:6 *Noma kungaba, "Ngoba izinhliziyo zabo zinjengohhavini njengoba besondela namaqhinga abo."

ISAHL. 6
a Isay 58:1 Jer 1:9, 10 Hez 3:8, 9
b Jer 23:29
c Zef 3:5
d 1Sa 15:22 IzA 21:3 Isay 1:11 Mik 6:6-8 Mat 9:13 Mat 12:7
e 2Kh 17:15 Isay 24:5 Hos 8:1
f Hos 12:11
g Mik 7:2
h 1Kh 12:25

Uhla 2
a 2Kh 17:6, 7 Jer 3:6
b Hez 23:4, 5
c Dut 30:3 Jer 29:14 Amo 9:14

ISAHL. 7
d Isay 28:1
e Amo 8:14 Mik 1:5
f Mik 7:3
g Hos 6:9
h Dut 32:29 Isay 1:3 Amo 8:7
i Isay 5:11 Isay 28:1

Umbhaki ulala ubusuku bonke;
Ekuseni uhhavini uvutha njengomlilo ovutha amalangabi.
7 Bonke bashisa njengohhavini,
Bashwabadela ababusi* babo.
Wonke amakhosi abo awile;[a]
Ayikho neyodwa phakathi kwawo engibizayo.[b]
8 U-Efrayimi uzihlanganisa nezizwe.[c]
U-Efrayimi unjengekhekhe eliyindilinga elingazange liphendulwe.
9 Izihambi ziwadlile amandla akhe,[d] kodwa yena akazi.
Izinwele zakhe ezimpunga sezimhlophe, kodwa yena akaboni.
10 Ukuqhosha kuka-Israyeli kufakaze ngokumelene naye,[e]
Kodwa akazange abuyele kuJehova uNkulunkulu wakhe,[f]
Futhi akazange amfune naphezu kwakho konke lokhu.
11 U-Efrayimi unjengejuba elingenangqondo elintula ukuhlakanipha.[g]
Ubize iGibhithe;[h] uye e-Asiriya.[i]
12 Nomaphi lapho eya khona ngiyokwelulela inethi lami phezu kwakhe.
Ngiyomehlisela phansi njengezinyoni zamazulu.
Ngiyomyala ngokuvumelana nesixwayiso esinikwe inhlangano yakhe.[j]
13 Maye kuye ngoba ungibalekele!
Makehlelwe inhlekelele, ngoba weqe umthetho wami!
Ngase ngikulungele ukumkhulula, kodwa yena ukhulume amanga ngami.[a]
14 Akazange acele usizo kimi ngokusuka enhliziyweni[b]
Nakuba ayelokhu ehewula embhedeni wakhe.
Ngenxa yokudla kwakhe okusanhlamvu newayini elisha ubelokhu ezisika;
Uyangifulathela.
15 Nakuba ngamyala ngaqinisa nezingalo zakhe,
Umelene nami, uceba okubi.
16 Washintsha indlela yakhe, kodwa akayishintshelanga kokungcono;*
Wayengathembekile njengomnsalo oxegayo.[c]
Izikhulu zakhe ziyobulawa ngenkemba ngenxa yolimi lwazo oludelelayo.
Ngenxa yalokhu ziyoba inhlekisa ezweni laseGibhithe."[d]

8 "Faka uphondo emlonyeni wakho![e]
Umuntu uza njengokhozi amelane nendlu kaJehova,[f]
Ngenxa yokuthi baphule isivumelwano sami[g] beqa nomthetho wami.[h]
2 Bakhala kimi bathi, 'Nkulunkulu wethu, thina Israyeli siyakwazi!'[i]
3 U-Israyeli wenqabe okuhle.[j]
Umuntu oyisitha makamjahe.
4 Bamise amakhosi, kodwa hhayi ngelungiselelo lami.
Bamise izikhulu ngaphandle kwemvume yami.

ISAHL. 7
a 2Kh 15:8, 10
2Kh 15:14
b Isay 9:13
c Hu 106:34-36
Hez 23:4, 5
d 2Kh 13:3
2Kh 15:19
e Hos 5:5
f Neh 9:35
Isay 9:13
Amo 4:6
Zak 1:4
g Isay 1:3
h 2Kh 17:4
Isay 31:1
i 2Kh 15:19
Hez 23:4, 5
j Dut 28:15
2Kh 17:13

Uhla 2
a Isay 59:13
b Hu 78:37
Isay 29:13
c Hu 78:57
d Hez 36:19, 20
Hos 9:3

ISAHL. 8
e Hos 5:8
f Dut 28:49, 50
g Hos 6:7
h 2Kh 17:15
i Isay 48:1
Mik 3:11
j Hu 50:17

7:7 *NgesiHebheru, "abahluleli."

7:16 *Okuwukuthi, akayishintshelanga ohlotsheni lokukhulekela oluphakeme.

Ngesiliva labo nangegolide
labo benze izithixo,[a]
Okuyinto eyobenza babhujiswe.[b]
5 O Samariya, ithole lakho lilahliwe.[c]
Ngibathukuthelele kakhulu.[d]
Kuyoze kube nini bengakwazi ukuba msulwa?*
6 Ngoba lokhu kuvela kwa-Israyeli.
Kwenziwe yingcweti, hhayi uNkulunkulu;
Ithole laseSamariya liyokwenziwa izicucu.
7 Ngoba bahlwanyela umoya,
Bayovuna isivunguvungu.[e]
Noma yini emilile ngeke ikukhiqize ukudla;[f]
Noma yini emilayo ngeke iveze ufulawa.
Uma kungaba khona okukhiqizwayo, abantu bezinye izizwe* bayokugwinya.[g]
8 U-Israyeli uzogwinywa.[h]
Manje uzoba phakathi kwezizwe[i]
Njengesitsha esingafunwa muntu.
9 Ngoba ukhuphukele e-Asiriya,[j] njengembongolo yasendle ezihambela indlela yayo.
U-Efrayimi uqashe abesifazane baba yizithandwa zakhe.[k]
10 Nakuba ebaqasha phakathi kwezizwe,
Manje sengizobaqoqela ndawonye;
Bazohlupheka[l] ngenxa yomthwalo osindayo abawuthwaliswe yinkosi nezikhulu.
11 Ngoba u-Efrayimi wandise ama-altare ukuze one.[m]
Aba ama-altare akhe okona.[a]
12 Ngambhalela izinto eziningi zomthetho* wami,
Kodwa zabhekwa njengezinto eziyinqaba.[b]
13 Banikela kimi izipho eziyimihlatshelo, badle inyama,
Kodwa uJehova akajabuli ngabo.[c]
Manje uzosikhumbula isiphambeko sabo, abajezisele izono zabo.[d]
Babuyele* eGibhithe.[e]
14 U-Israyeli umkhohliwe uMenzi wakhe[f] wakha amathempeli,[g]
UJuda wandise amadolobha anezivikelo eziqinile.[h]
Kodwa ngizothumela umlilo emadolobheni akhe,
Uzoshwabadela imibhoshongo yedolobha ngalinye."[i]

**9** "O Israyeli, ungathokozi,[j]
Ungenzi ngendlela ebonisa injabulo njengezizwe.
Ngoba uphambukile kuNkulunkulu wakho ngenxa yobufebe.*[k]
Uye wathanda inkokhelo yobufebe kuzo zonke izibuya zokudla okusanhlamvu.[l]
2 Kodwa isibuya nesikhamo sewayini ngeke kubondle,
Iwayini elisha liyomduMaza.[m]
3 Ngeke baqhubeke behlala ezweni likaJehova;[n]
Kunalokho, u-Efrayimi uyobuyela eGibhithe,
E-Asiriya bayodla okungcolile.[o]
4 Ngeke besathululela iminikelo yewayini kuJehova;[p]

ISAHL. 8
a 1Kh 12:26, 28; Hos 13:2
b 1Kh 13:34
c Hos 10:5, 6
d Dut 32:21, 22; 2Kh 17:18
e IzA 22:8
f Isay 17:11
g Dut 28:15, 33
h 2Kh 15:29; 2Kh 18:11; Jer 50:17
i Lev 26:33
j 2Kh 15:19; Hez 23:4, 5; Hos 5:13; Hos 12:1
k Hez 23:9
l 2Kh 14:26; 1Kr 5:26
m Isay 10:10, 11

Uhla 2
a Hos 12:11
b 2Kh 17:15; Neh 9:26
c Isay 1:11; Amo 5:22
d Hos 9:9; Amo 8:7
e Hos 7:16; Hos 9:3
f Dut 32:18
g 1Kh 12:25, 31
h 2Kr 26:9, 10
i 2Kh 18:13; 2Kr 36:17, 19; Jer 17:27; Jer 34:7

ISAHL. 9
j Hos 10:5
k Hez 23:4, 5; Hos 4:12
l Hos 2:12; Mik 1:7
m Hos 2:8, 9; Amo 5:11
n Lev 20:22; Dut 28:63, 64; Jos 23:15, 16; 1Kh 9:6, 7
o 2Kh 17:6
p Num 15:5; Num 28:14; Jow 1:13

8:5 *Noma, "ukuhlanzeka." 8:7 *Noma, "abayizihambi."
8:12 *Noma, "zezimfundiso." 8:13 *Noma kungaba, "Bayobuyela." 9:1 *Noma, "yokuziphatha kabi."

Imihlatshelo yabo ngeke
imjabulise.[a]
Injengesinkwa esidliwa lapho kushone umuntu;
Bonke abasidlayo bayozingcolisa.
Ngoba isinkwa sabo singesabo bodwa;
Ngeke singene endlini ka-Jehova.
5 Niyokwenzenjani ngosuku lomhlangano,
Ngosuku lomkhosi kaJehova?
6 Ngoba bheka! kuyodingeka babaleke ngenxa yembubhiso.[b]
IGibhithe liyobaqoqela ndawonye,[c] iMemfisi libangcwabe.[d]
Izinto zabo zesiliva eziyigugu ziyothathwa izimbabazane,*
Ematendeni abo kuyoba nezihlahla ezinameva.
7 Ziyofika izinsuku zokwahlulelwa,[e]
Ziyofika izinsuku zokujeziswa,
U-Israyeli uyokwazi lokho.
Umprofethi wabo uyoba isiwula, umuntu othi ukhuluma okuvela kuNkulunkulu uyohlanya;
Ngenxa yobuningi beziphambeko zakho, uzondwa kakhulu."
8 Umlindi[f] ka-Efrayimi wayenoNkulunkulu wami.[g]
Kodwa manje zonke izindlela zabaprofethi bakhe[h] zinjengezicupho zomcuphi wezinyoni;
Kukhona inzondo endlini kaNkulunkulu wakhe.
9 Bangene shi encithakalweni, njengasezinsukwini zaseGibheya.[i]
Uyosikhumbula isiphambeko sabo, ajezise izono zabo.[a]
10 "U-Israyeli ngamthola njengamagilebhisi ehlane.[b]
Okhokho benu ngababona njengamakhiwane avele kuqala esihlahleni somkhiwane.
Kodwa baya kuBhali wase-Pheyori;[c]
Bazinikela entweni* eyihlazo,[d]
Baba abanengekayo njengale nto abayithandayo.
11 Inkazimulo ka-Efrayimi indiza ihambe njengenyoni;
Akukho kukhulelwa, akukho kubeletha.[e]
12 Ngisho noma bekhulisa izingane,
Ngiyobaphuca zona kungasali muntu;[f]
Yebo, maye kubo lapho ngibafulathela![g]
13 U-Efrayimi, otshalwe edlelweni, wayenjengeThire[h] kimi;
Manje u-Efrayimi kumele akhiphe amadodana akhe ukuze azobulawa."
14 O Jehova, banike lokho okufanele ubanike kona;
Mabaphuphunyelwe isisu futhi babe namabele angenalo ubisi.*
15 "Bonke ububi babo babuse-Giligali,[i] ngoba ngabazonda lapho.
Ngenxa yezenzo zabo ezimbi ngizobaxosha endlini yami.[j]
Ngeke ngisabathanda;[k]
Zonke izikhulu zabo zinenkani.
16 U-Efrayimi uyowiswa.[l]
Impande yakhe iyokoma, ngeke athele.

ISAHL. 9
a Isay 1:11
b Hos 7:13
c Hos 7:16; Hos 8:13
d Jer 2:14, 16
e Isay 10:3
f Isay 21:6, 8; Jer 6:17; Hez 33:7
g 1Kh 17:1; 2Kh 2:14
h 1Kh 18:19
i Hlu 19:22; Hlu 20:4-6; Hos 10:9

Uhla 2
a Hos 8:13
b Jer 2:2
c Num 25:1-3; Dut 4:3; Hu 106:28
d 1Kh 16:31; Jer 11:13
e Dut 28:15, 18
f Dut 28:32; Dut 32:25
g Dut 31:17; 2Kh 17:18
h Hez 28:12
i Hos 4:15; Hos 12:11; Amo 5:5
j Lev 26:27, 33; 2Kh 17:18; Amo 5:27
k Dut 29:19, 20
l Isay 7:8

9:6 *Noma, "izimbati."

9:10 *Noma, "kunkulunkulu." 9:14 *Noma, "ashwabene."

Ngisho noma ezala, ngiyoyi-
bulala inzalo yakhe eyigu-
gu.”
17 UNkulunkulu wami uyobe-
nqaba,
Ngoba abamlalelanga,[a]
Bayoba ababaleki phakathi
kwezizwe.[b]

10 “U-Israyeli uyisihlahla
samagilebhisi esiwo-
hlokayo* esithela izi-
thelo.[c]
Lapho izithelo zakhe za-
nda, kuba yilapho andisa
khona ama-altare akhe;[d]
Lapho izwe lakhe likhiqiza
kahle, kuba yilapho izinsi-
ka zakhe ezingcwele ziba
zinhle khona.[e]
2 Inhliziyo yakhe iyazenzisa;
Manje uzotholakala ene-
cala.
Ukhona oyowaphula ama-
altare akhe aphihlize ne-
zinsika zakhe.
3 Manje uzothi, ‘Asinayo
inkosi[f] ngoba asizange si-
mesabe uJehova.
Inkosi ingasenzelani?’
4 Bakhuluma amazwi angathi
shu, benze izifungo zama-
nga[g] nezivumelwano;
Ngakho isahlulelo esihlu-
mayo sifana nokhula olu-
wushevu olusemiseleni
yensimu.[h]
5 Abahlala eSamariya bayo-
kwesaba ngenxa yesithi-
xo sethole saseBheti-
aveni.[i]
Abantu bakhona bayosili-
lela,
Kanjalo nabapristi balo bo-
nkulunkulu bezinye izi-
zwe ababejabula ngaso
nangenkazimulo yaso,
Ngoba iyosuka kubo iye
ekudingisweni.
6 Siyolethwa e-Asiriya sibe
isipho senkosi enkulu.[a]
U-Efrayimi uyothelwa nge-
hlazo,
U-Israyeli uyoba namahloni
ngenxa yeseluleko asila-
ndelile.[b]
7 Nakanjani iSamariya
nenkosi yalo bayoqothu-
lwa,*[c]
Njengehlumela elinqamuki-
le elisemanzini.
8 Izindawo eziphakeme za-
seBheti-aveni,[d] eziyisono
sika-Israyeli,[e] ziyobhu-
qwa.[f]
Kuyomila ameva nokhula
ema-altare azo.[g]
Abantu bayothi ezintabeni,
‘Simbozeni!’
Emagqumeni bathi, ‘Welani
phezu kwethu!’[h]
9 O Israyeli, kusukela ezinsu-
kwini zaseGibheya wo-
nile.[i]
Abantu baqhubeka benza
isono esifanayo.
Impi ayizange iwaqothule*
amadodana okungalungi
eGibheya.
10 Ngiyowayala futhi lapho se-
ngithanda.
Izizwe ziyoqoqana zimela-
ne nawo
Lapho iziphambeko zawo
ezimbili ziboshelwa
kuwo.*
11 U-Efrayimi wayeyisithole
esiqeqeshiwe esithanda
ukubhula,
Ngakho ngasindisa intamo
yaso enhle.
Manje ngiyokwenza othile
agibele* u-Efrayimi.[j]
UJuda uyolima; uJakobe

10:1 * Noma kungaba, “esenabayo.”

10:7 * NgesiHebheru, “bayothuliswa.” 10:9 * Noma, “iwafice.” 10:10 * Okuwukuthi, lapho bethwala isijeziso sabo njengejoka. 10:11 * Noma, “abophele.”

ISAHL. 9
a 2Kh 17:14, 15 Zak 1:4
b Dut 28:64 Amo 9:9

ISAHL. 10
c Isay 5:3, 4
d Hos 8:11 Hos 12:11
e Hos 8:4
f Hos 3:4 Hos 13:11
g 2Kh 17:4
h Amo 5:7 Amo 6:12
i 1Kh 12:28, 29 Hos 4:15 Hos 8:5 Amo 3:14

Uhla 2
a 2Kh 17:3 Hos 5:13
b Mik 6:16
c 2Kh 17:4
d Hos 4:15
e 1Kh 12:28-30 Mik 1:5
f Amo 7:9
g 2Kh 23:15
h Luk 23:30 IsA 6:16
i Hlu 20:4-6 Hos 9:9
j 2Kh 17:6

uyomhlelembela umhlabathi.
12 Zihlwanyeleleni imbewu ngokulunga nivune uthando oluqotho.
Zilimeleni umhlabathi ovundile[a]
Kusenesikhathi sokufuna uJehova,[b]
Aze afike anifundise ngokulunga.[c]
13 Kodwa nilime ububi,
Nivune ukungalungi,[d]
Nidle izithelo zenkohliso;
Ngoba nithembele endleleni yenu,
Emaqhaweni enu amaningi.
14 Kuyovuka isiyaluyalu ngokumelene nabantu bakho,
Amadolobha enu anezivikelo eziqinile ayobhujiswa wonke[e]
Njengokubhujiswa kwendlu ka-Aribeli nguShalimani,
Ngosuku lwempi lapho omama bephihlizwa beba izicucu eceleni kwezingane zabo.
15 Yilokhu okuyokwenziwa kuwe Bhethele[f] ngenxa yobubi bakho obedlulele.
Ekuntweleni kokusa nakanjani inkosi yakwa-Israyeli iyoqothulwa."*[g]

11 "Lapho u-Israyeli esengumfana, ngamthanda,[h]
Ngayibiza indodana yami ukuba iphume eGibhithe.[i]
2 Lapho beqhubeka* bebabiza
Kwakuba yilapho beqhela nakakhulu kubo.[j]
Babelokhu benzela izithombe zikaBhali imihlatshelo,[k]
Benikela imihlatshelo ezithombeni ezibaziwe.[l]
3 Kodwa yimi owacathulisa u-Efrayimi,[a] ngimbeka ezingalweni zami;[b]
Akazange avume ukuthi ngamphulukisa.
4 Uthando nomusa[c] ngakusebenzisa njengentambo* ukuze ngimdonsele kimi;
Nganginjengomuntu osusa ijoka emihlathini yakhe,
Ngobumnene ngaletha ukudla kumuntu ngamunye.
5 Ngeke abuyele ezweni laseGibhithe, kodwa i-Asiriya liyoba inkosi yakhe,[d]
Ngoba benqabile ukubuyela kimi.[e]
6 Inkemba iyophenduphenduka imelane namadolobha akhe[f]
Iphule imigoqo yakhe iyishwabadele ngenxa yamacebo akhe.[g]
7 Isizwe sami sizimisele ukungathembeki kimi.[h]
Nakuba basibizela phezulu,* akekho ovukayo.
8 Ngingakudela kanjani Efrayimi?[i]
Nginganikela kanjani ngawe Israyeli?
Ngingakuphatha kanjani njenge-Adima?
Ngingakwenza kanjani ube njengeZebhoyimi?[j]
Inhliziyo yami isishintshile;
Ngesikhathi esifanayo uzwela lwami luvusiwe.*[k]
9 Ngeke ngiyikhiphe intukuthelo yami evuthayo.
Ngeke ngiphinde ngimbhubhise u-Efrayimi,[l]
Ngoba ngingu Nkulunkulu angiyena umuntu,

ISAHL. 10
a Jer 4:3, 4
b Isay 55:6; Amo 5:4
c Dut 32:2; Isay 45:8
d IzA 22:8; Hos 8:7; Gal 6:7
e 2Kh 18:9, 10
f Amo 7:9
g 2Kh 18:9, 10

ISAHL. 11
h Dut 7:8
i Eks 4:22; Mat 2:14, 15
j Isay 30:9-11
k Hlu 2:13; Hlu 3:7; 1Kh 16:30-32; 1Kh 18:19; 2Kh 17:13, 16; Hos 2:13
l 1Kh 12:32, 33; Hos 13:1, 2

Uhla 2
a Dut 8:2
b Dut 1:31; Dut 33:27; Isay 46:3
c Isay 63:9
d 2Kh 17:3
e 2Kh 17:13, 14; Amo 4:6
f Lev 26:31
g Isay 31:1
h Hu 78:57, 58; Jer 3:6
i Hos 6:4
j Gen 10:19; Dut 29:22, 23
k Dut 32:36; Jer 31:20
l Jer 30:11

10:15 *NgesiHebheru, "iyothuliswa." 11:2 *Okuwukuthi, abaprofethi nabanye abathunyelwe ukuzofundisa u-Israyeli.

11:4 *Ngokusobala yintambo eyayisetshenziswa umzali ukuze afundise ingane yakhe ukuhamba. 11:7 *Okuwukuthi, ohlotsheni lokukhulekela oluphakeme. 11:8 *NgesiHebheru, "luyavutha."

ONgcwele phakathi kwakho;
Ngeke ngimelane nawe ngolaka.
10 Bayolandela uJehova, uyobhonga njengebhubesi;[a]
Lapho ebhonga, amadodana akhe ayofika ethuthumela evela entshonalanga.[b]
11 Bayothuthumela njengenyoni lapho bephuma eGibhithe,
Njengejuba lapho bephuma ezweni lase-Asiriya;[c]
Ngiyobahlalisa ezindlini zabo," kusho uJehova.[d]
12 "U-Efrayimi ungizungeze ngamanga,
Nendlu ka-Israyeli ingizungeze ngenkohliso.[e]
Kodwa uJuda usazulazula* noNkulunkulu,
Uthembekile koNgcwelengcwele."[f]

12 "U-Efrayimi udla umoya. Uxoshana nomoya wasempumalanga usuku lonke.
Wandisa amanga nobudlova.
Benza isivumelwano ne-Asiriya,[g] bayise amafutha eGibhithe.[h]
2 Kunecala uJehova okumele aliqulise uJuda;[i]
Uyokwenza uJakobe alandise ngokwezindlela zakhe,
Uyombuyisela ngokwezenzo zakhe.[j]
3 Esesibelethweni wabamba umfowabo ngesithende,[k]
Walwa noNkulunkulu ngamandla akhe amakhulu.[l]
4 Waqhubeka elwa nengelosi wanqoba.
Wakhala, wanxusa umusa wayo."[m]
UNkulunkulu wamthola eBhethele, wakhuluma nathi lapho.[a]
5 UJehova uNkulunkulu wamabutho,[b]
Elithi Jehova yigama akhunjulwa ngalo.[c]
6 "Ngakho buyela kuNkulunkulu wakho,[d]
Londa uthando oluqotho nobulungisa,[e]
Thembela kuNkulunkulu wakho njalo.
7 Kodwa esandleni somhwebi* kukhona isikali senkohliso;
Uyathanda ukuphamba abantu.[f]
8 U-Efrayimi uqhubeka ethi, 'Impela, ngicebile;[g]
Ngithole ingcebo.[h]
Kukho konke ukukhandleka kwami, ngeke bathole lutho olungalungile noma oluyisono.'
9 Kodwa mina nginguJehova uNkulunkulu wakho kusukela ezweni laseGibhithe.[i]
Ngiyophinde ngikuhlalise ematendeni
Njengasezinsukwini zesikhathi* esimisiwe.
10 Ngakhuluma nabaprofethi,[j]
Ngayandisa imibono ababeyibona,
Ngasho nemizekeliso ngisebenzisa abaprofethi.
11 Kube khona inkohliso* nokungelona iqiniso ngeGileyadi.[k]
Benze umhlatshelo ngezinkunzi eGiligali,[l]
Ama-altare abo anjengezinqwaba zamatshe emiseleni yensimu.[m]

11:12 *Noma, "usahamba."

12:7 *Noma, "somthengisi." 12:9 *Noma kungaba, "zomkhosi." 12:11 *Noma, "izinto ezingaqondakali."

ISAHL. 11
a Jow 3:16
b Zak 8:7
c Isay 11:11, 12 Isay 60:8, 9 Zak 10:10
d Jer 23:6 Hez 28:25, 26 Hez 37:21 Amo 9:14
e Mik 6:12
f 2Kh 18:1, 6 2Kr 29:1, 2 Hos 4:15

ISAHL. 12
g 2Kh 15:19 Hos 8:9
h 2Kh 17:4
i 2Kh 17:19 Jer 2:35 Hos 4:1 Mik 6:2
j Isay 3:11
k Gen 25:26
l Gen 32:28
m Gen 32:24-26

Uhla 2
a Gen 28:13, 19
b Gen 28:16 Gen 32:30
c Eks 3:15
d Isay 31:6 Hos 14:1 Jow 2:12, 13
e Dut 16:20 Mik 6:8
f Amo 8:5, 6 Mik 2:1, 2
g IsA 3:17
h Dut 8:17-19
i Eks 20:2 Hos 13:4
j 1Kh 17:1 2Kh 17:13 Amo 7:14, 15
k Hos 6:8
l Hos 9:15 Amo 4:4
m 2Kh 17:9, 10 Hos 8:11 Hos 10:1

12 UJakobe wabalekela enda-
weni* yase-Aramu;#[a]
U-Israyeli[b] wasebenza la-
pho ukuze athole umfazi,[c]
Walusa izimvu ukuze athole
umfazi.[d]
13 UJehova wamkhuphula
u-Israyeli wamkhipha eGi-
bhithe ngomprofethi,[e]
Futhi wamqapha ngompro-
fethi.[f]
14 U-Efrayimi wamcasula ka-
khulu uNkulunkulu;[g]
Icala lakhe legazi lisele
naye;
INkosi yakhe iyophindisela
ngenxa yesihlamba sa-
khe."[h]

13 "Lapho u-Efrayimi ekhu-
luma, abantu babethu-
thumela;
Wayevelele kwa-Israyeli.[i]
Kodwa waba necala ngoku-
phathelene noBhali[j] futhi
wafa.
2 Manje bayanezela esonweni
sabo
Benza izithombe zensimbi*
ngesiliva labo;[k]
Benza izithixo ngobuchule,
wonke umsebenzi wezi-
ngcweti.
Bathi kuzo, 'Abantu abenza
imihlatshelo mabaqabule
amathole.'[l]
3 Ngakho-ke bayoba njenga-
mafu asekuseni,
Njengamazolo aphela eku-
seni,
Njengamakhoba apheshu-
lwa umoya onamandla
esibuyeni,
Nanjengentuthu ephuma
embotsheni yophahla.
4 Kodwa mina nginguJehova
uNkulunkulu wakho kusu-
kela ezweni
laseGibhithe;[a]
Akukho Nkulunkulu
owawumazi ngaphandle
kwami,
Ngaphandle kwami akukho
msindisi.[b]
5 Ngakwazi ehlane,[c] ezweni
lesomiso.
6 Amadlelo abo ayebanelisa,[d]
Baneliseka futhi inhliziyo
yabo yaqhosha.
Ngakho bangikhohlwa.[e]
7 Ngizoba njengebhubesi eli-
selincane kubo,[f]
Njengengwe ecuthe endle-
leni.
8 Ngizobathelekela njenge-
bhere elilahlekelwe ama-
wundlu alo,
Ngizodabula isifuba sabo
sivuleke.
Ngizobashwabadela lapho
njengebhubesi;
Isilwane sasendle sizoba-
dwengula babe izicucu.
9 Sizokuqothula Israyeli,
Ngoba wangijikela, wamela-
na nomsizi wakho.
10 Iphi-ke inkosi yakho, ukuze
ikusindise kuwo wonke
amadolobha akho,[g]
Nababusi* bakho, owathi
ngabo kimi,
'Nginike inkosi nezikhulu'?[h]
11 Ngakunika inkosi ngentu-
kuthelo yami,[i]
Futhi ngizoyisusa ngokufu-
theka kwami.[j]
12 Isiphambeko sika-Efrayimi
sisongiwe;
Isono sakhe sigciniwe.
13 Imihelo yokubeletha izomfi-
kela.
Kodwa uyingane engahla-
kaniphile;
Lapho sekuyisikhathi so-
kuba izalwe ayifuni uku-
phuma.

ISAHL. 12
a Gen 28:5; Dut 26:5
b Gen 32:28
c Gen 29:18
d Gen 31:38
e Eks 12:50, 51; Hu 77:20
f Jos 24:17; 1Sa 12:8
g 2Kh 17:9-11; Hez 23:4, 5
h Dut 28:37

ISAHL. 13
i Jos 17:17
j 2Kh 17:16; Hos 11:2
k Hos 2:8
l 1Kh 12:26, 28; 1Kh 19:18

Uhla 2
a Eks 20:2; Hos 12:9
b Isay 43:11; Isay 45:21, 22
c Dut 2:7; Dut 32:9, 10
d Neh 9:25
e Dut 6:10-12; Dut 8:12-14; Dut 32:15, 18; Isay 17:10
f Hos 5:14
g 1Sa 8:19, 20
h 1Sa 8:4, 5
i 1Sa 8:7; 1Sa 12:13
j 1Sa 12:25; 2Kh 17:4; Jer 52:11

12:12 *NgesiHebheru, "ensimini." #Noma, "yaseSiriya." 13:2 *Noma, "ezenziwe ngokuncibilikisiwe."

13:10 *NgesiHebheru, "Nabahluleli."

14 Ngizobakhulula emandleni eThuna;*
Ngizobabuyisa ekufeni.[a]
Luphi udosi lwakho Kufa?[b]
Iphi imbubhiso yakho Thuna?[c]
Ngeke ngilubonise uzwela.
15 Ngisho noma angachuma phakathi kwemihlanga,
Kuyofika umoya wasempumalanga, umoya kaJehova,
Uvela ehlane ukuze womise umthombo wakhe ushise nesiphethu sakhe.
Lowo uyophanga ingcebo eyizo zonke izinto zakhe eziyigugu.[d]
16 ISamariya liyobekwa icala,[e] ngoba lidlubulundile kuNkulunkulu walo.[f]
Liyowa ngenkemba,[g]
Abantwana balo bayophihlizwa babe izicucu,
Nabesifazane balo abakhulelwe bayoqhaqhwa bavuleke.”

14 “Buyela kuJehova uNkulunkulu wakho Israyeli,[h]
Ngoba isiphambeko sakho sikukhubekisile.
2 Buyelani kuJehova ngala mazwi,
Nithi kuye, ‘Kwangathi ungaxolela isiphambeko sethu[i] wamukele okuhle,
Sizonikela ngokudumisa kwezindebe zethu[j] ngendlela ebesinganikela ngayo ngezinkunzi ezinkomo ezisencane.
3 I-Asiriya ngeke lisisindise.[k]
Ngeke sigibele amahhashi,[l]
Ngeke sisathi, “Nkulunkulu wethu!” emsebenzini wezandla zethu,
Ngoba nguwe obonisa intandane isihe.’[a]
4 Ngizokuphulukisa ukungathembeki kwabo.[b]
Ngizobathanda ngokuzithandela[c]
Ngoba intukuthelo yami isukile kubo.[d]
5 Ngizoba njengamazolo kuIsrayeli;
Uyoqhakaza njengembali,
Uyofaka izimpande zakhe phansi njengezihlahla zaseLebhanoni.
6 Amagatsha akhe ayondlaleka,
Ubuhle bakhe buyoba njengobesihlahla somnqumo,
Amakha akhe amnandi ayoba njengaweLebhanoni.
7 Bayophinde bahlale emthunzini wakhe.
Bayotshala ukudla okusanhlamvu, kuhlume njengesihlahla samagilebhisi.[e]
Udumo* lwabo luyoba njengolwewayini laseLebhanoni.
8 U-Efrayimi uyothi, ‘Ngisahlangene ngani nezithixo?’[f]
Ngiyophendula ngimgade.[g]
Ngiyoba njengesihlahla somjunipha esiluhlaza.
Izithelo zenu ziyotholakala kimi.”
9 Ubani ohlakaniphile? Makaqonde lezi zinto.
Ubani oqondayo? Makazazi lezi zinto.
Ngoba izindlela zikaJehova ziqondile,[h]
Abalungile bayohamba kuzo;
Kodwa izeqamthetho zona ziyokhubeka kuzo.

---

13:14 *Noma, “eShiyoli,” okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

14:7 *NgesiHebheru, “Isikhumbuzo.”

ISAHL. 13
a Isay 25:8; Isay 26:19
b 1Ko 15:55
c IsA 20:13, 14
d 2Kh 17:20
e 2Kh 17:18; Amo 3:9, 10
f Hez 20:21
g Isay 7:8

ISAHL. 14
h 2Kr 30:6; Isay 55:6, 7; Hos 12:6; Jow 2:12, 13
i Mik 7:18
j Heb 13:15
k Hos 5:13
l Isay 31:1

Uhla 2
a Dut 10:17, 18
b Hu 103:3; Isay 57:18
c Zef 3:17
d Isay 12:1
e Zak 8:12
f Hos 14:3
g Jer 31:18
h Dut 32:4

# UJOWELI

UHLU LOKUPHAKATHI


1 Inhlupho enamandla yezinambuzane (1-14)
“Usuku lukaJehova luseduze” (15-20)
Umprofethi ubiza uJehova (19, 20)

2 Usuku lukaJehova nebutho lakhe elikhulu (1-11)
Isimemo sokubuyela kuJehova (12-17)
“Izinhliziyo zenu ezichobozekile mazibonise ukuzisola” (13)
Lokho uJehova ayokwenzela abantu bakhe (18-32)
‘Ngiyothulula umoya wami’ (28)
Izimangaliso ezulwini nasemhlabeni (30)
Labo ababiza igama likaJehova bayosindiswa (32)

3 UJehova wahlulela zonke izizwe (1-17)
ISigodi SikaJehoshafati (2, 12)
ISigodi sesinqumo sokwahlulela (14)
UJehova uyinqaba ka-Israyeli (16)
UJehova ubusisa abantu bakhe (18-21)


**1** Leli yizwi likaJehova elafika kuJoweli* indodana kaPhethuweli:

**2** “Yizwani lokhu nina madoda amadala,
Nakani nonke nina enihlala ezweni.*
Yake yenzeka yini into efana nale ezinsukwini zenu
Noma ezinsukwini zokhokho benu?[a]

**3** Yitsheleni amadodana enu,
Amadodana enu ayitshele amadodana awo,
Amadodana awo ayitshele isizukulwane esilandelayo.

**4** Okushiywe intethe eqothulayo, kudliwe iqhwagi elikhulu;[b]
Okushiywe iqhwagi elikhulu kudliwe intethe engenamaphiko;
Okushiywe intethe engenamaphiko kudliwe isikhonyane.[c]

**5** Vukani nina zidakwa,[d] nikhale!
Lilani nonke nina eniphuza iwayini
Ngenxa yokuthi iwayini elimnandi lisusiwe emilonyeni yenu.[a]

**6** Ngoba kukhona isizwe esikhuphukele ezweni lami, sinamandla futhi asibaleki.[b]
Amazinyo aso angamazinyo ebhubesi,[c] imihlathi yaso eyebhubesi.

**7** Siqothule isihlahla sami samagilebhisi, saphendula isihlahla sami samakhiwane saba isiqu,
Saphundla amagxolo kwangasala lutho, salahla amagatsha aso.
Sashiya amagatsha emhlophe.

**8** Lila njengentombi egqoke indwangu yesaka
Ililela umkhwenyana* wobusha bayo.

**9** Umnikelo wokudla okusanhlamvu[d] nomnikelo ophuzwayo[e] awusekho endlini kaJehova;
Abapristi, izikhonzi zikaJehova, bayalila.

ISAHL. 1
*a* Jow 2:2
*b* Eks 10:14, 15
*c* Jow 2:25
*d* Isay 28:1; Amo 6:6

Uhla 2
*a* Dut 28:39
*b* Jow 2:2
*c* IsA 9:7, 8
*d* Lev 2:1
*e* Eks 29:40

**1:1** * Incazelo: “UJehova UnguNkulunkulu.” **1:2** * Noma, “emhlabeni.”

**1:8** * Noma, “umyeni.”

10 Insimu iphangiwe, umhlabathi uyalila;[a]
Ngoba ukudla okusanhlamvu kuqothuliwe, iwayini elisha lishile, amafutha aphelile.[b]
11 Abalimi bakhathazekile, abanakekeli bamasimu amagilebhisi bayahewula
Ngenxa kakolweni nebhali;
Ngoba isivuno sensimu sishabalele.
12 Isihlahla samagilebhisi somile,
Isihlahla somkhiwane sibunile.
Isihlahla samahalananda,* sesundu nesama-apula,
Zonke izihlahla zensimu zomile;[c]
Ngoba injabulo iphenduke amahloni phakathi kwabantu.
13 Gqokani indwangu yesaka* nilile nina bapristi;
Lilani nina zikhonzi zealtare.[d]
Ngenani, nigqoke indwangu yesaka ubusuku bonke nina zikhonzi zikaNkulunkulu wami;
Ngoba indlu kaNkulunkulu wenu igodlelwe umnikelo wokudla okusanhlamvu[e] nomnikelo ophuzwayo.[f]
14 Memezelani* isikhathi sokuzila ukudla; bizani umhlangano okhethekile.[g]
Qoqelani ndawonye amadoda amadala nabo bonke abahlala ezweni,
Nibaqoqele endlini kaJehova uNkulunkulu wenu,[h] nikhalele usizo kuJehova.
15 Maye ngalolo suku!
Ngoba usuku lukaJehova luseduze,[i]
Luyofika njengembubhiso evela kuMninimandla Onke!
16 Akuzange yini ukudla kuthathwe phambi kwethu,
Nokuthokoza nenjabulo endlini kaNkulunkulu wethu?
17 Imbewu* ishwabene ngaphansi kwamafosholo abo.
Izinqolobane zenziwe incithakalo.
Izindawo zokugcina ukudla zidiliziwe ngoba ukudla okusanhlamvu komile.
18 Ngisho nemfuyo iyabubula!
Imihlambi yezinkomo iyazulazula ngenxa yokuthi ayinamadlelo!
Imihlambi yezimvu ilusizi.
19 Ngizobiza wena Jehova;[a]
Ngoba umlilo ushwabadele amadlelo asehlane,
Ilangabi liqothule zonke izihlahla zasendle.
20 Ngisho nezilwane zasendle ziyakulangazelela,
Ngoba imifudlana yamanzi yomile,
Umlilo ushwabadele amadlelo asehlane."

2 "Shayani uphondo eZiyoni![b]
Yishoni isiqubulo sempi entabeni yami engcwele.
Bonke abahlala ezweni mabathuthumele
Ngoba usuku lukaJehova luyeza![c] Luseduze!
2 Luwusuku lobumnyama obukhulu,[d]
Usuku lwamafu nosuku olumnyama bhuqe,[e]
Njengokukhanya kokuntwela kokusa okusakazekela ezintabeni.
Kukhona isizwe esinabantu abaningi nesinamandla;[f]

---

1:12 *Noma, "samahananadi." 1:13 *NgesiHebheru, "Bhincani." 1:14 *NgesiHebheru, "Ngcwelisani."

1:17 *Noma kungaba, "Amakhiwane omisiwe."

ISAHL. 1
a Lev 26:20
b Dut 28:39, 40
c Lev 26:20
d Eks 30:19, 20
e Lev 2:1
f Eks 29:40
g Jow 2:15
h 2Kr 20:3, 13
i Jow 2:1 Zef 1:7, 14 Zef 2:2 2Pe 3:10 IsA 6:16, 17

Uhla 2
a Mik 7:7 Hab 3:18

ISAHL. 2
b Hez 33:2, 3 Amo 3:6
c Zef 1:14, 16 Mal 4:1
d Amo 5:18, 20
e Zef 1:15
f Jow 1:6

Asikaze sibe khona esifana naso
Futhi ngeke siphinde sibe khona esinye
Eminyakeni yazo zonke izizukulwane.
3 Ngaphambi kwaso kunomlilo oshwabadela konke okuphambi kwaso,
Ngemva kwaso kunelangabi eliqothula konke okungemva kwaso.[a]
Izwe eliphambi kwaso linjengensimu yase-Edene,[b]
Kodwa ngemva kwaso kunehlane eliyincithakalo,
Akukho lutho olungaphunyuka.
4 Ukubukeka kwaso kunjengokwamahhashi,
Sigijima njengamahhashi empi.[c]
5 Umsindo waso unjengomsindo wezinqola njengoba sigxumagxuma eziqongweni zezintaba,[d]
Njengokugqamuka komlilo oshwabadela izinhlanga.
Sinjengesizwe esinamandla, esihlelelwe ukuya empini.[e]
6 Ngenxa yaso, izizwe ziyoba nosizi.
Bonke ubuso buyobonisa ukwesaba.
7 Bahlasela njengamaqhawe,
Bakhuphuka odongeni njengamasosha,
Ngamunye uhamba endleleni yakhe,
Abachezuki ezindleleni zabo.
8 Abaphushani;
Umuntu ngamunye uhamba endleleni yakhe.
Uma abanye bewa ngenxa yezikhali,
Abanye abaphambuki endleleni.
9 Bagijimela edolobheni, bagijima phezu kodonga.
Bakhuphukela ezindlini, bangena ngamafasitela njengesela.
10 Izwe liyathuthumela phambi kwaso, amazulu ayazamazama.
Ilanga nenyanga kube mnyama,[a]
Izinkanyezi azisakhanyi.
11 UJehova uyophakamisa izwi lakhe phambi kwebutho lakhe,[b] ngoba ibutho lakhe likhulu kakhulu.[c]
Ngoba lowo ofeza izwi laKhe unamandla;
Ngoba usuku lukaJehova lukhulu futhi luyesabeka kakhulu.[d]
Ubani ongalukhuthazelela?"[e]
12 "Ngisho kwamanje," kusho uJehova, "buyelani kimi ngazo zonke izinhliziyo zenu,[f]
Ngokuzila ukudla,[g] ngokukhala nangokulila.
13 Ningaklebhuli izingubo zenu nje kuphela,[h] kodwa izinhliziyo zenu[i] ezichobozekile mazibonise ukuzisola,
Nibuyele kuJehova uNkulunkulu wenu,
Ngoba unozwela* nesihe, wephuza ukuthukuthela[j] futhi uchichima uthando oluqotho,[k]
Uyocabanga kabusha# ngenhlekelele.
14 Ubani owaziyo ukuthi ngeke yini ashintshe futhi acabange kabusha*[l]
Aninike isibusiso,
Ukuze ninikele umnikelo wokudla okusanhlamvu nomnikelo ophuzwayo kaJehova uNkulunkulu wenu?

**2:13** *Noma, "unobubele; unomusa." #Noma, "Uyozisola." **2:14** *Noma, "azisole."

ISAHL. 2
a Jow 1:19
b Gen 2:8
c IsA 9:7
d IsA 9:9
e IzA 30:27

Uhla 2
a Jow 2:31; Mat 24:29; Luk 21:25; IsA 9:2
b Jow 2:25
c Jow 2:2
d Jer 30:7; Amo 5:18; Zef 1:15
e IsA 6:16, 17
f Jer 4:1; Hos 12:6; Hos 14:1, 2
g 1Sa 7:6; 2Kr 20:3
h 2Sa 1:11, 12
i 2Kh 22:18, 19; Hu 51:17; Isay 57:15
j Isay 48:9
k Eks 34:6; Num 14:18; Neh 9:17; Hu 106:44, 45; Mik 7:18, 19
l 2Kr 30:8, 9; Jer 18:7, 8; Zef 2:2, 3

15 Shayani uphondo eZiyoni!
Memezelani* isikhathi sokuzila ukudla; bizani umhlangano okhethekile.[a]
16 Qoqani abantu; ngcwelisani ibandla.[b]
Qoqani amaxhegu;* qoqani izingane nezinsana ezisancela.[c]
Umkhwenyana makaphume egunjini lakhe elingaphakathi, nomakoti egunjini lakhe labasanda kushada.
17 Phakathi kompheme nealtare[d]
Abapristi, izikhonzi zikaJehova, mabakhale bathi:
'Hawukela abantu bakho Jehova;
Ungenzi ifa lakho libe inhlekisa
Ngokuvumela izizwe ukuba zibuse phezu kwabo.
Kungani kufanele izizwe zithi: "Uphi uNkulunkulu wabo?"'[e]
18 UJehova uyolishisekela izwe lakhe
Abonise uzwela kubantu bakhe.[f]
19 UJehova uyophendula abantu bakhe athi:
'Ngithumela kini ukudla okusanhlamvu newayini elisha namafutha,
Niyokwaneliseka ningasweli lutho;[g]
Ngeke ngisanenza nibe isihlamba phakathi kwezizwe.[h]
20 Owasenyakatho ngiyomxosha aye kude nani;
Ngiyomhlakazela ezweni elomile neliwugwadule,
Ibutho lakhe elihola phambili* ngiyoliyisa ngasolwandle olusempumalanga#
Ibutho lakhe elisemuva ngiliyise ngasolwandle olusentshonalanga.*
Kuyovela iphunga elibi kuye,
Iphunga lakhe elibi liyoqhubeka linyuka;[a]
Ngoba uNkulunkulu uyokwenza izinto ezinkulu.'
21 Ungesabi mhlaba.
Jabula uthokoze ngoba uJehova uyokwenza izinto ezinkulu.
22 Ningesabi nina zilwane zasendle
Ngoba amadlelo asehlane ayoba luhlaza,[b]
Izihlahla ziyothela izithelo;[c]
Isihlahla somkhiwane nesamagilebhisi ziyothela kakhulu.[d]
23 Nina madodana aseZiyoni, jabulani nithokoze ngoJehova uNkulunkulu wenu;[e]
Ngoba uyoninika imvula yasekwindla ngesilinganiso esifanele,
Uyonisa imvula phezu kwenu,
Imvula yasekwindla nemvula yasentwasahlobo njengasekuqaleni.[f]
24 Izibuya ziyogcwala ukudla okusanhlamvu okuhlungiwe,
Izikhamo ziyochichima iwayini elisha namafutha.[g]
25 Ngeminyaka engathumela ngayo ibutho lami elikhulu kini
Okuyiqhwagi elikhulu, intethe engenamaphiko, isikhonyane nentethe eqothulayo, okwadla isivuno senu,
Ngiyonenzela isinxephezelo ngenxa yalokho elakuqothula.[h]
26 Nakanjani niyodla nize nisuthe,[i]

2:15 *NgesiHebheru, "Ngcwelisani." 2:16 *Noma, "amadoda amadala." 2:20 *NgesiHebheru, "Ubuso bakhe." #Okuwukuthi, uLwandle Olufile.

*Okuwukuthi, "uLwandle iMedithera."

ISAHL. 2
a Jow 1:14
b Eks 19:10
c Dut 31:12; 2Kr 20:3, 13
d 2Kr 8:12
e Dut 32:26, 27; Hu 79:9, 10; Mik 7:10
f Dut 32:36; Isay 60:10; IsiL 3:22; Hos 11:8
g Isay 62:8, 9; Amo 9:13; Mal 3:10
h Hez 34:29; Hez 36:15

Uhla 2
a Isay 34:2, 3
b Isay 30:23; Isay 51:3
c Hez 34:27
d Amo 9:14; Zak 8:12
e Isay 12:6; Zak 10:7
f Lev 26:4; Dut 11:14
g Lev 26:10; Amo 9:13; Mal 3:10
h Jow 1:4
i Lev 26:5

Niyolidumisa igama likaJehova uNkulunkulu wenu,[a]
Onenzele izimangaliso;
Abantu bami ngeke baphinde bahlanjalazwe.[b]
27 Niyokwazi ukuthi ngiphakathi kuka-Israyeli[c]
Nokuthi ngingu Jehova uNkulunkulu wenu[d]—akekho omunye!
Abantu bami ngeke baphinde babe namahloni.
28 Ngemva kwalokho ngiyothululela umoya wami[e] phezu kwayo yonke inyama,
Amadodana enu namadodakazi enu ayoprofetha,
Amaxhegu enu aphuphe amaphupho,
Izinsizwa zenu zibone imibono.[f]
29 Ngalezo zinsuku ngiyothululela umoya wami
Ngisho nasezigqileni zami zesilisa nezesifazane.
30 Ngiyokwenza izimangaliso* emazulwini nasemhlabeni,
Igazi nomlilo nentuthu eningi.[g]
31 Ilanga liyophenduka ubumnyama nenyanga ibe yigazi[h]
Ngaphambi kokufika kosuku lukaJehova olukhulu nolumangalisayo.[i]
32 Wonke umuntu obiza igama likaJehova uyosindiswa;[j]
Ngoba eNtabeni iZiyoni naseJerusalema kuyoba khona abaphunyukile,[k] njengoba nje uJehova eshilo,
Abasindile uJehova ababizayo."

3 "Ngoba bheka! ngalezo zinsuku nangaleso sikhathi,
Lapho ngibuyisa abathunjiwe bakwaJuda nabaseJerusalema,[l]
2 Ngiyoqoqela ndawonye nazo zonke izizwe
Ngizehlisele eSigodini* SikaJehoshafati.#
Ngiyobahlulela lapho[a]
Ngenxa yabantu bami nefa lami u-Israyeli,
Ngoba babahlakazela ezizweni,
Bahlukaniselana izwe lami.[b]
3 Babenzela abantu bami inkatho;[c]
Babethengisa ngomfana ukuze baqashe isifebe,
Bathengise ngentombazane ukuze bathole iwayini abazoliphuza.
4 Ningayenza kanjani into enje kimi
Nina Thire neSidoni
nazo zonke izifunda zase-Filistiya?
Ingabe kukhona eniziphindiselela ngenxa yako?
Uma niziphindiselela kimi
Nami ngizophindisela ngokukhulu ukushesha ngokuvumelana nalokho enikwenzile.[d]
5 Ngoba nithathe isiliva lami negolide lami,[e]
Nilethe ingcebo yami enhle kakhulu emathempelini enu;
6 Nidayise ngabantu bakwaJuda nabaseJerusalema kumaGreki[f]
Ukuze nibasuse nibayise kude nendawo yabo;
7 Manje ngiyabavusa ngibasusa endaweni enabadayisela kuyo,[g]
Impindiselo ngiyoyiletha phezu kwamakhanda enu.
8 Amadodana enu namadodakazi enu ngizowadayisela abantu bakwaJuda,[h]

2:30 *Noma, "izibikezelo."

3:2 *Noma, "eThafeni Eliphansi." #Incazelo: "UJehova Ungumahluleli."

ISAHL. 2
a Dut 26:10, 11
b Zef 3:11
c Hu 46:5
d Lev 26:11, 12; Hez 37:26, 27
e Isay 32:15; Isay 44:3; Hez 39:29
f IzE 2:16-18
g IzE 2:19, 20
h Mat 24:29; Mar 13:24, 25; Luk 21:25; IsA 6:12
i Zef 1:14, 15; Mal 4:5
j IzE 2:21; Rom 10:13
k Obad 17

ISAHL. 3
l Dut 30:3; Jer 30:3; Hez 39:28; Amo 9:14; Zef 3:20

Uhla 2
a Hez 38:22; Jow 3:12; Zef 3:8; Zak 14:3; IsA 16:14, 16
b Hez 35:10, 11; Zef 2:8, 9
c Obad 11
d Isay 23:12; Jer 47:4; Hez 25:15-17; Amo 1:9, 10; Zak 9:1, 2
e 2Kr 21:16, 17
f Dut 28:32; Hez 27:8, 13
g Isay 11:11, 12; Isay 43:5, 6; Isay 49:12; Jer 23:7, 8; Hez 34:12
h Obad 19, 20

Bona bawadayisele amadoda aseSheba, esizweni esikude kakhulu;
Ngoba uJehova ukukhulumile.
9 Memezelani lokhu phakathi kwezizwe:[a]
'Lungelani* impi! Vusani amadoda anamandla!
Wonke amasosha mawasondele ahlasele![b]
10 Yenzani amageja enu abe izinkemba nocelemba benu babe imikhonto.*
Obuthakathaka makathi: "Nginamandla."
11 Wozani nilekelele nonke nina zizwe ezizungezile, qoqanani ndawonye!' "[c]
O Jehova, yehlisela abantu bakho abanamandla* kuleyo ndawo.
12 "Makuvuswe izizwe zikhuphukele eSigodini* SikaJehoshafati;
Ngoba ngiyohlala lapho ukuze ngahlulele zonke izizwe ezizungezile.[d]
13 Fakani isikela ngoba isivuno sesivuthiwe.
Yehlani nigxobe isikhamo sewayini ngoba sigcwele.[e]
Imiphongolo iyachichima ngoba ububi bazo buningi kakhulu.
14 Izixuku, izixuku zisesigodini* sesinqumo sokwahlulela,
Ngoba usuku lukaJehova luseduze esigodini# sesinqumo sokwahlulela.[f]
15 Ilanga nenyanga kuyoba mnyama
Nezinkanyezi ngeke zisakhanya.
16 UJehova uyobhonga eseZiyoni,
Uyophakamisa izwi lakhe eseJerusalema.
Izulu nomhlaba kuyozamazama;
Kodwa uJehova uyoba isiphephelo sabantu bakhe[a]
Nenqaba yabantu bakwaIsrayeli.
17 Niyokwazi ukuthi nginguJehova uNkulunkulu wenu, ohlala eZiyoni, intaba yami engcwele.[b]
IJerusalema liyoba indawo engcwele,[c]
Izihambi* ngeke ziphinde zidabule kulo.[d]
18 Ngalolo suku izintaba ziyoconsa iwayini elimnandi,[e]
Kuyogeleza ubisi emagqumeni
Kuyogeleza amanzi kuyo yonke imifudlana yakwaJuda.
Endlini kaJehova kuyoqhuma isiphethu[f]
Sinisele iSigodi* Sezihlahla Zomtholo.
19 Kodwa iGibhithe liyoba incithakalo,[g]
I-Edomi libe ihlane eliyincithakalo[h]
Ngenxa yobudlova obenziwe kubantu bakwaJuda,[i]
Okuchithwa igazi elingenacala ezweni labo.[j]
20 Kodwa kuyohlale kunabantu kwelakwaJuda,
NaseJerusalema izizukulwane ngezizukulwane.[k]
21 Igazi* labo ebengingalibheki njengelingenacala ngiyolibheka njengelinecala;[l]
UJehova uyohlala eZiyoni."[m]

3:9 *NgesiHebheru, "Ngcwelisani." **3:10** *Noma, "izijula." **3:11** *Noma, "amaqhawe akho." **3:12** *Noma, "eThafeni Eliphansi." **3:14** *Noma, "zisethafeni eliphansi." #Noma, "ethafeni eliphansi."

**3:17** *Noma, "Abantu bakwelinye izwe." **3:18** *Noma, "uMhosha." **3:21** *Noma, "Icala legazi."

ISAHL. 3
a Isay 34:1, 2
b Hez 38:7
c Hez 38:9 Zef 3:8 IsA 16:14
d Hu 76:8, 9 Jow 3:2
e Isay 63:3 IsA 14:18-20
f Isay 34:2 Zef 1:14

Uhla 2
a Hu 50:15
b Zak 8:3
c Isay 4:3
d Isay 60:18 Nah 1:15 Zak 14:21
e Amo 9:13 Zak 9:17
f Hez 47:1 IsA 22:1
g Isay 19:1
h Jer 49:17
i Hez 25:12, 13
j Amo 1:11 Obad 10
k Hu 48:8 Isay 33:20 Isay 60:15 Amo 9:15
l Isay 4:4 Hez 36:25 Mik 7:18, 19
m Isay 24:23 Mik 4:7

# U-AMOSE

**UHLU LOKUPHAKATHI**


1 U-Amose uthola umyalezo ovela kuJehova (1, 2)
Izahlulelo zokuvukela kaningi (3-15)
ISiriya (3-5), iFilistiya (6-8), iThire (9, 10), u-Edomi (11, 12), u-Amoni (13-15)

2 Izahlulelo zokuvukela kaningi (1-16)
UMowabi (1-3), uJuda (4, 5), u-Israyeli (6-16)

3 Ukumemezela isahlulelo sikaNkulunkulu (1-8)
UNkulunkulu wembula imfihlo yakhe (7)
Umyalezo omelene neSamariya (9-15)

4 Umyalezo omelene nezinkomo zaseBhashani (1-3)
UJehova ukwenza inhlekisa ukukhulekela kwamanga kuka-Israyeli (4, 5)
U-Israyeli uyenqaba ukwamukela isiyalo (6-13)
"Lungela ukuhlangana noNkulunkulu wakho" (12)
'UNkulunkulu utshela umuntu imicabango yaKhe' (13)

5 U-Israyeli unjengentombi nto ewile (1-3)
Funani uNkulunkulu, niqhubeke niphila (4-17)
Zondani okubi, nithande okuhle (15)
Usuku lukaJehova, usuku lobumnyama (18-27)
Imihlatshelo ka-Israyeli iyenqatshwa (22)

6 Maye kulabo abazithela ngabandayo! (1-14)
Imibhede yezinyo lendlovu; izinkomishi zewayini (4, 6)

7 Imibono ebonisa ukuthi ukuphela kuka-Israyeli kuseduze (1-9)
Izintethe (1-3), umlilo (4-6), intambo yokukala (7-9)
U-Amose utshelwa ukuba ayeke ukuprofetha (10-17)

8 Umbono kabhasikidi wezithelo zasehlobo (1-3)
Abacindezeli bayalahlwa (4-14)
Indlala engokomoya (11)

9 Izahlulelo zikaNkulunkulu azinakubalekelwa (1-10)
Kuyovuswa idokodo likaDavide (11-15)


**1** Lawa amazwi ka-Amose,* owayephakathi kwabafuyi bezimvu baseThekhowa,[a] awabona embonweni ophathelene no-Israyeli ezinsukwini zikaUziya[b] inkosi yakwaJuda nasezinsukwini zikaJerobowamu[c] indodana kaJowashi,[d] inkosi yakwa-Israyeli, eminyakeni emibili ngaphambi kokuzamazama komhlaba.[e]
**2** Wathi:

"UJehova uyobhonga eseZiyoni,
Uyophakamisa izwi lakhe eseJerusalema.
Amadlelo abelusi ayolila,
Nesiqongo saseKarmeli siyokoma."[a]

**3** "Yilokhu uJehova akushoyo,
'"Ngenxa yokuvukela* kaningi# kweDamaseku, ngeke ngikushintshe engikunqumile,
Ngoba balichoboza iGileyadi ngezinto zokubhula.[b]
**4** Ngakho ngiyothumela umlilo phezu kwendlu kaHazayeli,[c]

---

1:1 *Incazelo: "Ukuba Umthwalo" noma "Ukuthwala Umthwalo."

1:3 *Noma, "yobugebengu." #Noma, "kathathu noma kane."

**ISAHL. 1**
a 2Kr 11:5, 6
b 2Kr 26:1, 3, 4; Isay 1:1
c 2Kh 14:23, 24; Hos 1:1; Amo 7:10
d 2Kh 13:10, 11
e Zak 14:5

**Uhla 2**
a Isay 33:9; Nah 1:4
b 2Kh 8:12; 2Kh 10:32, 33; 2Kh 13:7
c 1Kh 19:15

Uyoshwabadela imibhosho-
ngo eqinile kaBheni-
hadadi.[a]
5 Ngiyophula imigoqo yase-
Damaseku;[b]
Ngiqothule abahlala eBhi-
kati-aveni
Nalowo obusa* eBheti-
edene;
Abantu baseSiriya bayoya
eKhiri njengabadingisi-
we,”[c] kusho uJehova.’
6 Yilokhu uJehova akushoyo,
‘“Ngenxa yokuvukela ka-
ningi kweGaza,[d] ngeke
ngikushintshe engikunqu-
mile,
Ngoba bathatha lonke iqe-
mbu labadingisiwe[e] ukuze
balinikele ku-Edomi.
7 Ngakho ngiyothumela umli-
lo phezu kodonga lwase-
Gaza,[f]
Uyoshwabadela imibhosho-
ngo yalo eqinile.
8 Ngiyobhubhisa abahlala
e-Ashidodi[g]
Nalowo obusa* e-Ashike-
loni;[h]
Isandla sami siyomelana ne-
Ekroni,[i]
Abasele kumaFilisti bayo-
shabalala,”[j] kusho iNkosi
EnguMbusi uJehova.’
9 Yilokhu uJehova akushoyo,
‘Ngenxa yokuvukela kaningi
kweThire,[k] ngeke ngiku-
shintshe engikunqumile,
Ngoba banikela ngalo lonke
iqembu labadingisiwe ku-
Edomi
Nangenxa yokuthi abasi-
khumbulanga isivumelwa-
no sabafowabo.[l]
10 Ngakho ngiyothumela umli-
lo phezu kodonga lwase-
Thire,
Uyoshwabadela imibhosho-
ngo yalo eqinile.’[a]
11 Yilokhu uJehova akushoyo,
‘Ngenxa yokuvukela kaningi
kuka-Edomi,[b] ngeke ngiku-
shintshe engikunqumile,
Ngoba wajaha umfowabo
ngenkemba[c]
Nangenxa yokuthi wenqaba
ukubonisa isihe;
Ulokhu ebadwengula ngola-
ka lwakhe,
Akayeki ukubathukuthe-
lela.[d]
12 Ngakho ngiyothumela umli-
lo ungene eThemani,[e]
Uyoshwabadela imibhosho-
ngo eqinile yaseBhozira.’[f]
13 Yilokhu uJehova akushoyo,
‘“Ngenxa yokuvukela ka-
ningi kwabakwa-Amoni,[g]
ngeke ngikushintshe engi-
kunqumile,
Ngenxa yokuthi baqhaqha*
abesifazane abakhulelwe
bakwaGileyadi ukuze be-
nze indawo yabo ibe ba-
nzi.[h]
14 Ngakho ngiyokokhela umli-
lo odongeni lwaseRaba,[i]
Uyoshwabadela imibhosho-
ngo yalo eqinile,
Ngesiqubulo sempi ngosu-
ku lwempi,
Ngesiphepho ngosuku lwe-
sivunguvungu.
15 Inkosi yabo iyodingiswa ka-
nye nezikhulu zayo,”[j] ku-
sho uJehova.’

2 “Yilokhu uJehova akushoyo,
‘“Ngenxa yokuvukela* kani-
ngi kukaMowabi,[k] ngeke
ngikushintshe engikunqu-
mile
Ngoba washisa amathambo
enkosi yakwa-Edomi uku-
ze enze umcako.

1:5, 8 *NgesiHebheru, “ophethe intonga.”

1:13 *Noma, “bahlinza.” 2:1 *Noma, “yobugebengu.”

ISAHL. 1
a Jer 49:27
b Isay 7:8; Isay 8:4; Isay 17:1
c 2Kh 16:9
d Hez 25:15
e 2Kr 21:16, 17; 2Kr 28:18; Jow 3:4, 6
f Jer 25:17, 20; Jer 47:1; Zak 9:5
g Isay 20:1
h Jer 47:5
i Zef 2:4
j Isay 14:29; Jer 47:4; Hez 25:16, 17; Zef 2:5; Zak 9:6
k Hez 26:2
l Jow 3:4, 6

Uhla 2
a Hez 26:12
b Jow 3:19
c Hez 25:12
d 2Kr 28:17; Obad 10
e Gen 36:10, 11; Obad 9
f Isay 34:5, 6; Jer 49:13
g Hez 25:3; Zef 2:8
h Hlu 11:12, 13; Jer 49:1
i Jer 49:2; Hez 25:5
j Jer 27:2, 3; Jer 49:3

ISAHL. 2
k Jer 48:29, 30; Hez 25:8, 9; Zef 2:8

2 Ngakho ngiyothumela umlilo kwaMowabi,
Uyoshwabadela imibhoshongo eqinile yaseKheriyoti;[a]
UMowabi uyofa ngesikhathi kunokuxokozela,
Ngesiqubulo sempi, ngomsindo wophondo.[b]
3 Ngiyosusa umbusi* phakathi kwakhe,
Ngibulale zonke izikhulu zakhe kanye naye,”[c] kusho uJehova.’
4 Yilokhu uJehova akushoyo,
‘Ngenxa yokuvukela kaningi kukaJuda,[d] ngeke ngikushintshe engikunqumile
Ngoba uwenqabile umthetho* kaJehova
Futhi akazigcinanga iziqondiso zakhe;[e]
Kodwa amanga afanayo ayelandelwa okhokho bakhe, amenze waduka.[f]
5 Ngakho ngiyothumela umlilo kwaJuda,
Uyoshwabadela imibhoshongo eqinile yaseJerusalema.’[g]
6 Yilokhu uJehova akushoyo,
‘Ngenxa yokuvukela kaningi kuka-Israyeli,[h] ngeke ngikushintshe engikunqumile
Ngoba uthengisa olungile ngesiliva,
Athengise ompofu ngezimbadada.[i]
7 Ugxoba amakhanda abantu abaphansi emhlabathini,[j]
Uvimba indlela yabantu abamnene.[k]
Ubaba nendodana baya ocansini nentombazane eyodwa,
Bengcolisa igama lami elingcwele.
8 Uzelulela eceleni kwawo wonke ama-altare[a] phezu kwezingubo azithathe njengesibambiso;[b]
Iwayini aliphuza endlini* yonkulunkulu bakhe lalithathwe kulabo ayebahlawulisile.’
9 ‘Kodwa yimi engaqothula umAmori phambi kwakhe,[c]
Owayemude njengezihlahla zomsedari, eqine njengezihlahla ze-oki;
Ngaqothula izithelo zakhe ngaphezulu nezimpande zakhe ngaphansi.[d]
10 Nganikhuphula ezweni laseGibhithe,[e]
Nganenza ukuba nihambe ehlane iminyaka engu-40[f]
Ukuze nithathe izwe lomAmori.
11 Ngavusa amanye amadodana enu aba abaprofethi[g]
Nezinye zezinsizwa zenu zaba amaNaziri.[h]
Akunjalo yini bantu bakwa-Israyeli?’ kusho uJehova.
12 ‘Kodwa naqhubeka ninika amaNaziri iwayini ukuba aphuze,[i]
Nayala abaprofethi nithi: “Akumele niprofethe.”[j]
13 Ngakho ngizonichoboza endaweni yenu,
Njengoba nje inqola egcwele ukudla okusanhlamvu ichoboza okungaphansi kwayo.
14 Onejubane ngeke abe nayo indawo azobalekela kuyo,[k]
Onamandla ngeke ahlale enamandla,
Alikho iqhawe eliyosindisa ukuphila kwalo.

ISAHL. 2
a Jer 48:21, 24
b Isay 15:1
c Isay 16:14; Jer 48:7
d 2Kh 17:19; Jer 2:13
e Lev 26:14-16; 2Kr 36:14
f Jer 9:14
g 1Sa 12:15; 1Kr 28:9; 2Kr 36:17, 19; Jer 17:27; Jer 37:8; Jer 52:12-14; Hos 8:14
h Dut 28:45; 2Kh 17:6, 7; Hez 23:4, 5; Hos 4:1, 2
i Amo 5:11; Amo 8:4-6
j Amo 4:1
k Isay 10:1, 2; Amo 5:12

Uhla 2
a Hos 8:11; Hos 10:1
b Eks 22:26; Dut 24:12
c Num 21:23-25; Jos 24:8; Hu 135:10, 11
d Dut 2:31-33
e Eks 12:51
f Num 14:34; Dut 2:7
g 1Sa 3:20; 1Kh 17:1; 1Kh 19:19
h Num 6:2; Hlu 13:5
i Num 6:3, 4
j Isay 30:10, 11; Amo 7:12, 13
k Amo 9:1

**2:3** *NgesiHebheru, “umahluleli.” **2:4** *Noma, “imfundiso.”

**2:8** *Noma, “ethempelini.”

15 Ophatha umcibisholo ngeke ame,
Onejubane ngeke aphunyuke,
Umgibeli wehhashi ngeke akusindise ukuphila kwakhe.
16 Ngisho neqhawe elinesibindi kunawo wonke
Liyobaleka linqunu ngalolo suku,'[a] kusho uJehova."

3 "Bantu bakwa-Israyeli, yizwani leli zwi uJehova alikhulumile ngokuphathelene nani, ngokuphathelene nawo wonke umndeni engawukhuphula ngawukhipha ezweni laseGibhithe:

2 'Yinina kuphela enginazile kuyo yonke imindeni esemhlabeni.[b]
Yingakho ngiyonenza nilandise ngazo zonke iziphambeko zenu.[c]
3 Abantu ababili bayohamba yini ndawonye bengavumelananga?
4 Ibhubesi liyobhonga yini ehlathini libe lingenayo inyamazane?
Ibhubesi eliselincane liyowubanga yini umsindo endaweni yalo yokuhlala libe lingababanga lutho?
5 Inyoni iyowela yini esicuphweni emhlabathini lube lungacushiwe ugibe?*
Isicupho siyaphakama yini emhlabathini sibe singabambanga lutho?
6 Uma kushaywa uphondo edolobheni, abathuthumeli yini abantu?
Uma kwenzeka inhlekelele edolobheni, kusuke kungeyena yini uJehova othathe isinyathelo?
7 Ngoba iNkosi EnguMbusi uJehova ngeke yenze lutho
Ngaphandle kokuba yambule imfihlo yayo ezincekwini zayo, abaprofethi.[a]
8 Libhongile ibhubesi![b] Ubani ongeke esabe?
INkosi EnguMbusi uJehova ikhulumile! Ubani ongeke aprofethe?'[c]
9 'Kumemezeleni emibhoshongweni eqinile yase-Ashidodi
Nasemibhoshongweni eqinile yasezweni laseGibhithe.
Nithi: "Qoqanani nimelane nezintaba zaseSamariya;[d]
Bonani iziyaluyalu eziphakathi kwalo
Nezenzo zokuphamba eziphakathi kwalo.[e]
10 Ngoba abazi ukuthi bangakwenza kanjani okulungile," kusho uJehova,
"Labo ababekelela ubudlova nokubhujiswa emibhoshongweni yabo eqinile." '
11 Ngakho yilokhu iNkosi EnguMbusi uJehova ekushoyo,
'Isitha siyozungeza izwe,[f]
Siyokuqeda amandla,
Imibhoshongo yakho eqinile iyophangwa.'[g]
12 Yilokhu uJehova akushoyo,
'Njengoba nje umalusi ehlwitha imilenze emibili noma isicucu sendlebe emlonyeni webhubesi,
Bayohlwithwa kanjalo nabantu bakwa-Israyeli,
Labo manje abahlezi eSamariya, emibhedeni ewubukhazikhazi nakosofa abahle.'*[h]

ISAHL. 2
a Dut 28:25

ISAHL. 3
b Eks 19:5; Dut 7:6; Hu 147:19, 20
c Dan 9:11, 12; Hos 12:2; Amo 4:12

Uhla 2
a Gen 6:13; Gen 18:17; Hu 25:14; Isay 42:9; Dan 9:22; IsA 1:1
b Amo 1:2
c Jer 20:9; Amo 7:14, 15; IzE 4:19, 20
d 2Kh 17:22, 23
e Hos 7:1; Amo 4:1
f 2Kh 17:6
g Hos 11:6; Amo 6:8
h Isay 8:4; Amo 6:4

3:5 *Noma kungaba, "kube kungekho kudla kuso?"

3:12 *Noma, "baseDamaseku."

13 'Yizwani futhi nixwayise
indlu kaJakobe,' kusho
iNkosi EnguMbusi uJeho-
va, uNkulunkulu wamabu-
tho.
14 'Ngoba ngosuku engiyo-
kwenza ngalo ukuba
u-Israyeli alandise ngenxa
yakho konke ukuvukela*
kwakhe,[a]
Ngiyokwenza nokuba ama-
altare aseBhethele ala-
ndise;[b]
Izimpondo ze-altare ziyo-
nqunywa ziwele emhlaba-
thini.[c]
15 Ngiyoshaya indlu yasebusi-
ka kanye nendlu yase-
hlobo.'
'Izindlu zezinyo lendlovu zi-
yoshabalala,[d]
Nezindlu ezinkulu* ziyophe-
la,'[e] kusho uJehova."

4 "Yizwani leli zwi, nina zi-
nkomo zaseBhashani,
Enisentabeni yaseSama-
riya,[f]
Nina bantu besifazane
eniphamba abantu aba-
phansi,[g] nicindezele aba-
mpofu,
Enithi kubayeni* benu, 'Si-
letheleni okuphuzwayo!'
2 INkosi EnguMbusi uJehova
ifunge ngobungcwele
bayo,
'"Bhekani! Kuza izinsuku
phezu kwenu lapho iyoni-
phakamisa khona ngama-
hhuku asesilaheni
Abasele ibaphakamise nga-
mahhuku odobo.
3 Niyophuma ngezindawo ezi-
bhodlokile odongeni, nga-
munye aqonde phambili;
Niyophonswa ngaphandle
eHarmoni," kusho uJe-
hova.'
4 'Wozani eBhethele neqe um-
thetho,*[a]
Wozani eGiligali niweqe na-
kakhulu umthetho![b]
Lethani imihlatshelo yenu[c]
ekuseni
Nokweshumi kwenu[d] ngosu-
ku lwesithathu.
5 Shisani umhlatshelo woku-
bonga wesinkwa esine-
mvubelo;[e]
Memezelani iminikelo yenu
yokuzithandela!
Ngoba yilokho enithanda
ukukwenza, nina bantu
bakwa-Israyeli,' kusho
iNkosi EnguMbusi uJe-
hova.
6 'Mina ngabangela indlala*
kuwo wonke amadolo-
bha enu
Ngenza zonke izindlu zenu
zaswela isinkwa;[f]
Kodwa anibuyelanga kimi,'[g]
kusho uJehova.
7 'Ngabuye nganigodlela
imvula kusasele izinyanga
ezintathu ngaphambi ko-
kuba kuvunwe;[h]
Ngenza ukuba line edo-
lobheni elilodwa, kodwa
lingani kwelinye
idolobha.
Kwakuba khona isiqephu
sezwe elalina kuso,
Kodwa lesi esinye elalingani
kuso sasoma.
8 Abantu basemadolobheni
amabili noma amathathu
babeyendayendela edolo-
bheni elilodwa beyophuza
amanzi,[i]
Kodwa babenganeliseki;

ISAHL. 3
a Hos 4:9
b 1Kh 12:32, 33 Hos 13:2
c 2Kh 23:15, 16 2Kr 31:1 2Kr 34:1, 7 Hos 10:2 Mik 1:6
d 1Kh 22:39
e Amo 6:11

ISAHL. 4
f Amo 6:1
g Hos 4:1, 2 Mik 2:2

Uhla 2
a 1Kh 12:28, 29 Hos 4:13 Amo 3:14
b Hos 4:15 Hos 9:15 Amo 5:5
c Hos 8:11, 13
d Dut 14:28
e Lev 7:12
f Lev 26:26 Dut 28:38 Dut 32:24 1Kh 18:2 2Kh 4:38
g Jer 3:6, 7
h Dut 28:23, 24
i 1Kh 18:5

**3:14** *Noma, "ubugebengu." **3:15** *Noma kungaba, "eziningi." **4:1** *Noma, "emakhosini."

**4:4** *Noma, "nidlubulunde." **4:6** *NgesiHebheru, "ngasusa ukudla emazinyweni."

Anibuyelanga kimi,'[a] kusho
uJehova.
9 'Nganishaya ngokushisa
okukhulu nangesikhunta.[b]
Nazandisa izingadi zenu na-
masimu amagilebhisi,
Kodwa izihlahla zenu zama-
khiwane nezeminqumo za-
zishwabadelwa izintethe;[c]
Noma kunjalo anibuyelanga
kimi,'[d] kusho uJehova.
10 'Ngathumela phakathi kwe-
nu isifo esiwumshayabhu-
qe esifana nesaseGibhi-
the.[e]
Ngabulala izinsizwa zenu
ngenkemba,[f] ngathumba
namahhashi enu.[g]
Emakamu enu kwagcwala
iphunga elibi lezidumbu;[h]
Kodwa anibuyelanga kimi,'
kusho uJehova.
11 'Ngagumbuqela izwe lenu
Njengoba nje uNkulunkulu
agumbuqela iSodoma ne-
Gomora.[i]
Naninjengokhuni oluhlwi-
thwe emlilweni;
Kodwa anibuyelanga kimi,'[j]
kusho uJehova.
12 Ngakho yilokhu engizokwe-
nza kuwe Israyeli.
Ngenxa yokuthi yilokhu
engizokwenza kuwe,
Lungela ukuhlangana no-
Nkulunkulu wakho, Isra-
yeli.
13 Ngoba bheka! Nguye owe-
nza izintaba[k] nowadala
umoya;[l]
Utshela umuntu imicaba-
ngo yaKhe,
Ushintsha ukuntwela koku-
sa kube ubumnyama,[m]
Unyathela ezindaweni ezi-
phakeme zomhlaba;[n]
Igama lakhe nguJehova
uNkulunkulu wamabu-
tho."

5 "O nina ndlu ka-Israyeli, yi-
zwani leli zwi engilisho ngo-
kumelene nani njengengoma
yokulila:
2 'Intombi nto, u-Israyeli,
iwile;
Ayikwazi ukuphinde ivuke.
Ishiywe phezu komhlabathi
wayo;
Akekho oyivusayo.'
3 "Ngoba yilokhu iNkosi
EnguMbusi uJehova ekushoyo:
'Idolobha elithumele ama-
sosha ayinkulungwane
empini liyosalelwa ayi-
khulu;
Eliphuma nayikhulu liyosa-
lelwa ayishumi. Lokhu ku-
yokwenzeka endlini ka-
Israyeli.'[a]
4 "Ngoba yilokhu uJehova
akushoyo endlini ka-Israyeli:
'Ngifuneni, niqhubeke ni-
phila.[b]
5 Ningalifuni iBhethele,[c]
Ningayi eGiligali[d] noma ni-
welele eBheri-sheba,[e]
Ngoba nakanjani iGiligali li-
yodingiswa,[f]
IBhethele libe yize.*
6 Funani uJehova, niqhubeke
niphila[g]
Ukuze angabi njengomlilo
endlini kaJosefa
Oshwabadela iBhethele
kungabi namuntu ozowu-
cima.
7 Niphendula ubulungisa
bube umhlonyane,*
Niphonsa ukulunga emhla-
bathini.[h]
8 Lowo owenza iqoqo lezi-
nkanyezi iKhima neKhe-
sili,[i]
Lowo ophendula ithunzi
elimnyama libe ukusa,

**5:5** * Noma kungaba, "libe yinto engaqondakali." **5:7** * Noma, "yinto ebabayo."

ISAHL. 4
a Hos 7:10
b Dut 28:22
c Dut 28:40, 42
d Isay 42:24
e Eks 9:3; Dut 28:27, 60
f Lev 26:23, 25; 2Kh 8:12
g 2Kh 13:7
h Dut 28:26
i Gen 19:24, 25
j Hos 7:10
k Isay 40:12
l Jer 10:13
m Eks 10:22; Isay 5:30; Amo 8:9
n Mik 1:3

Uhla 2

ISAHL. 5
a Dut 4:27; Dut 28:62
b 2Kr 15:2; Isay 55:3, 6
c 1Kh 12:28, 29; Amo 3:14
d Hos 4:15; Amo 4:4
e Amo 8:14
f 2Kh 17:6; Hos 9:15
g Hez 33:11
h Amo 6:12
i Job 9:9; Job 38:31-33

Lowo owenza imini ibe
mnyama njengobusuku,[a]
Lowo obiza amanzi olwandle
Ukuze awathulule phezu komhlaba[b]
—NguJehova igama lakhe.
9 Uyobangela ukuba onamandla ehlelwe imbubhiso,
Abhubhise izindawo ezinezivikelo eziqinile.
10 Bayabazonda abahluleli ababasolayo esangweni ledolobha,
Bayabazonda labo abakhuluma iqiniso.[c]
11 Ngenxa yokuthi nibiza intela yepulazi* kohluphekayo,
Nithatha ukudla kwakhe okusanhlamvu kube inkokhiso,[d]
Ngeke niqhubeke nihlala ezindlini zetshe eliqoshiwe enizakhile[e]
Noma niphuze iwayini elivela emasimini amagilebhisi ekhethelo eniwatshalile.[f]
12 Ngoba ngiyazi ukuthi kuningi kangakanani ukuvukela* kwenu
Nokuthi zinkulu kangakanani izono zenu
—Nihlukumeza abalungile,
Nithatha izifumbathiso,#
Nigodlela abahluphekayo amalungelo abo esangweni ledolobha.[g]
13 Ngakho labo abanokuqondisisa bayothula ngaleso sikhathi
Ngoba kuyobe kuyisikhathi senhlekelele.[h]
14 Funani okuhle, hhayi okubi[i]
Ukuze niqhubeke niphila.[j]
UJehova uNkulunkulu wamabutho uyoba nani
Njengoba nje nisho.[a]
15 Zondani okubi, nithande okuhle,[b]
Abahluleli mababonise ubulungisa esangweni ledolobha.[c]
Kungase kwenzeke uJehova uNkulunkulu wamabutho
Abonise umusa kwabasele bakaJosefa.'[d]

16 "Ngakho yilokhu uJehova uNkulunkulu wamabutho, uJehova, akushoyo:

'Kuzo zonke izigcawu kuyoba khona ukubangalasa,
Kuzo zonke izitaladi bayothi, "Awu! Awu!"
Bayobiza abalimi ukuze balile
Nalabo abaqashelwe ukulila ukuba babangalase.'
17 'Kuwo wonke amasimu amagilebhisi kuyoqhuma isililo;[e]
Ngoba ngiyodabula phakathi kwenu,' kusho uJehova.
18 'Maye kulabo abalangazelela usuku lukaJehova![f]
Luyosho ukuthini usuku lukaJehova kini?[g]
Luyoba ubumnyama, hhayi ukukhanya.[h]
19 Luyoba njengomuntu othi ebalekela ibhubesi ahlangane nebhere,
Kuthi lapho engena endlini yakhe ebeka isandla odongeni alunywe inyoka.
20 Ngeke yini usuku lukaJehova lube ubumnyama, hhayi ukukhanya;
Ngeke yini lube ubumnyama obukhulu, hhayi ukukhanya okukhulu?
21 Imikhosi yenu ngiyayizonda futhi ngiyayenyanya,[i]

---

**5:11** *Noma, "yezwe." **5:12** *Noma, "ubugebengu." #Noma, "imvala-mlomo."

ISAHL. 5
a Eks 10:21, 22
b Job 36:27, 28; Shu 1:7
c 1Kh 18:17; 1Kh 22:8
d Mik 2:2
e Isay 9:9, 10
f Dut 28:30
g Isay 10:1, 2; Amo 2:6, 7
h Mik 2:3
i Isay 1:16, 17; Mik 6:8
j Lev 18:5; Dut 30:19, 20

Uhla 2
a 2Kr 15:2; Mik 3:11
b Hu 34:14; Hu 97:10; Rom 12:9
c 2Kr 19:6; Amo 5:24
d Jer 31:7; Zak 10:6
e Hos 9:2
f Isay 5:18, 19
g Amo 4:12
h Zef 1:14, 15
i IzA 15:8

Alingijabulisi iphunga lemihlangano yenu ekhethekile.
22 Ngisho noma ninikela kimi iminikelo eshiswayo ephelele neminikelo yesipho
Ngeke ngiyijabulele;[a]
Ngeke ngiyibheke ngomusa imihlatshelo yenu ehlanganyelwayo yezilwane ezikhuluphele.[b]
23 Yekani ukungiculela izingoma zenu eziklabalasayo;
Angifuni ukuzwa iminkenenezo yezinsimbi zenu zomculo ezinezintambo.[c]
24 Ubulungisa mabugeleze njengamanzi,[d]
Nokulunga njengomfudlana ogeleza njalo.
25 Nangilethela yini imihlatshelo neminikelo yesipho
Kuleyo minyaka engu-40 nisehlane nina ndlu ka-Israyeli?[e]
26 Manje sekuzodingeka nithwale uSakuti inkosi yenu noKhayiwani* nihambe nabo,
Izithombe zenu, inkanyezi kankulunkulu wenu, enizenzele zona,
27 Ngiyonithumela ekudingisweni ngaphesheya kweDamaseku,'[f] kusho yena ogama lakhe linguJehova uNkulunkulu wamabutho."[g]

6 "Maye kulabo abazethembayo* eZiyoni,
Kulabo abazizwa belondekile entabeni yaseSamariya,[h]
Abantu abavelele bezizwe eziqavile,
Labo indlu ka-Israyeli eza kubo!
2 Welelani eKhaline nibone.
Sukani lapho niye eHamati Elikhulu,[a]
Nehlele eGati lamaFilisti.
La madolobha awangcono yini kunale mibuso,*
Noma ingabe indawo yawo inkulu kuneyenu?
3 Ingabe niyalukhipha engqondweni yenu usuku lwenhlekelele[b]
Nibuse ngobudlova?[c]
4 Balala emibhedeni yezinyo lendlovu[d] bazeneke kosofa,[e]
Badle izinqama zomhlambi namathole akhuluphele;*[f]
5 Baqamba izingoma zihambisane nomnkenenezo wehabhu,*[g]
NjengoDavide, benza izinsimbi zomculo;[h]
6 Baphuza iwayini ngezinkomishi ezinkulu,[i]
Bagcoba ngamafutha ekhethelo.
Kodwa abanandaba nenhlekelele* eyehlela indlu kaJosefa.[j]
7 Ngakho yibo abayoya kuqala ekudingisweni,[k]
Ukuxokozela kwalabo abenabile kuyophela.
8 'INkosi EnguMbusi uJehova izifunge yona,'[l] kusho uJehova uNkulunkulu wamabutho,
' "Ngiyakwenyanya ukuziqhenya kukaJakobe,[m]
Ngiyayizonda imibhoshongo yakhe eqinile,[n]

ISAHL. 5
a Hu 50:8; Isay 66:3; Hos 6:6
b Isay 1:11
c Amo 6:5; Amo 8:10
d Mik 6:8
e IzE 7:42, 43
f 2Kh 15:29; 2Kh 17:6
g Amo 4:13

ISAHL. 6
h Amo 3:13, 15

Uhla 2
a Num 34:2, 8; 2Kh 14:28
b Isay 56:12
c Amo 5:12
d 1Kh 22:39
e Amo 3:12
f Isay 22:13
g Isay 5:12
h 2Kr 7:6; 2Kr 29:25, 26
i Isay 5:11
j 2Kh 15:29; 2Kh 17:6
k Dut 28:41; Amo 5:5
l Amo 4:2
m Hez 33:28; Hos 5:5
n IsiL 2:5

**5:26** *Zombili lezi zithixo zingase zibhekisele kuyiplanethi iSaturn, eyayikhonzwa njengonkulunkulu. **6:1** *Noma, "abazithela ngabandayo."

**6:2** *Ngokusobala kubhekiselwa embusweni wakwaJuda nowakwa-Israyeli. **6:4** *Noma, "nezinkunzi ezisencane." **6:5** *Noma, "wensimbi yomculo enezintambo." **6:6** *NgesiHebheru, "abazange bagule ngenxa yenhlekelele."

Ngiyolinikela idolobha nalo-
kho okuligcwalisile.[a]

9 “‘“Uma kusele amadoda
ayishumi endlini eyodwa, nawo
ayokufa. 10 Kuyofika isihlo-
bo* sithwale isidumbu sendo-
da ngayinye. Siyozikhiphela
ngaphandle kwendlu izidumbu#
zawo; kunoma ubani osemagu-
njini angaphakathi endlu siyo-
thi, ‘Basekhona yini abanye
abakanye nawe?’ Yena uyothi,
‘Akusekho muntu!’ Bese sithi,
‘Thula! Ngoba akusona isikha-
thi sokukhuluma ngegama lika-
Jehova lesi.’”

11 Ngoba nguJehova okhipha
umyalo,[b]
Uyoshaya indlu enkulu ibhi-
dlike,
Nendlu encane ibe imvithi.[c]
12 Amahhashi ayagijima yini
emadwaleni,
Noma umuntu uyolima yini
khona ngezinkomo?
Ngoba niphendule ubulu-
ngisa baba isitshalo esino-
shevu
Nesithelo sokulunga saba
umhlonyane.*[d]
13 Nijabula ngento engelusizo
lwalutho,
Nithi: “Asizange yini sibe
namandla ngenxa yezi-
khwepha zethu?”[e]
14 Ngakho ngiyoletha isizwe si-
melane nawe wena ndlu
ka-Israyeli,’[f] kusho uJeho-
va uNkulunkulu wamabu-
tho,
‘Siyokucindezela kusukela
eLebo-hamati*[g] kwehle
kuze kuyofika eMhosheni#
Wase-Araba.’”

7 Yilokhu iNkosi EnguMbusi
uJehova eyangibonisa kona
embonweni: Bheka! Wathume-
la uswebezane lwezintethe la-
pho imikhiqizo yasebusika* iqa-
la ukuhluma. Lena kwakuyi-
mikhiqizo eyayitshalwe ngemva
kokuba utshani benkosi busiki-
we. 2 Lapho izintethe seziqe-
dile ukudla izitshalo zezwe, nga-
thi: “O Nkosi EnguMbusi Jeho-
va, ngicela uthethelele![a] Anga-
sinda* kanjani uJakobe? Ngoba
ubuthaka!”[b]
3 Ngakho uJehova washi-
ntsha umqondo* ngalokhu.[c]
UJehova wathi: “Ngeke kwenze-
ke.”
4 INkosi EnguMbusi uJeho-
va yabe isingibonisa lo mbono:
Bheka! INkosi EnguMbusi uJe-
hova yayala ukuba kube ne-
sijeziso esiwumlilo. Wahangula
amanzi amaningi, wadla nesiqe-
phu sezwe. 5 Ngabe sengithi:
“O Nkosi EnguMbusi Jehova,
ngicela ukuhoxise lokhu.[d] Anga-
sinda* kanjani uJakobe? Ngoba
ubuthaka!”[e]
6 Ngakho uJehova washi-
ntsha umqondo*[f] ngalokhu.
INkosi EnguMbusi uJehova ya-
thi: “Nalokho futhi ngeke kwe-
nzeke.”
7 Wabe esengibonisa lo mbo-
no: Bheka! UJehova wayemi
phezu kodonga olwenziwa ku-
setshenziswa intambo yoku-
kala, ephethe intambo yoku-
kala. 8 UJehova wabe esethi
kimi: “Ubonani Amose?” Nga-
thi: “Intambo yokukala.” UJeho-
va wathi: “Bheka ngibeka inta-
mbo yokukala phakathi kwa-
bantu bami u-Israyeli. Ngeke
ngisabaxolela.[g] 9 Izindawo ezi-
phakeme zika-Isaka[h] ziyochi-

6:10 *NgesiHebheru, “umfowabo kayise.” #NgesiHebheru, “amathambo.” 6:12 *Noma, “into ebabayo.” 6:14 *Noma, “ekuqaleni kweHamati.” #Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

7:1 *Okuwukuthi, ngoJanuwari nangoFebhuwari. 7:2, 5 *NgesiHebheru, “Angama.” 7:3, 6 *Noma, “wazisola.”

ISAHL. 6
a Mik 1:6
b Isay 10:5, 6
c Amo 3:15
d 1Kh 21:13
Isay 59:13
Hos 10:4
Amo 5:7
e Dut 8:17, 18
Hu 75:5
f Dut 28:49, 50
2Kh 15:29
2Kh 17:6
Isay 7:20
Isay 8:4
Isay 10:5, 6
Hos 10:6
g Num 34:2, 8

Uhla 2

ISAHL. 7
a Jer 14:7
Dan 9:19
b Isay 37:4
c Dut 32:36
Hu 106:44, 45
Hos 11:8
d Eks 32:11
e Isay 1:9
Amo 7:2
f Eks 32:14
g Amo 8:2
h 1Kh 12:25, 31
1Kh 13:33

thwa, nezindlu ezingcwele zika-
Israyeli zibhuqwe;[a] ngiyomelana
nendlu kaJerobowamu ngenke-
mba."[b]
**10** U-Amaziya umpristi wa-
seBhethele[c] wathumela lo mya-
lezo kuJerobowamu[d] inkosi ya-
kwa-Israyeli: "U-Amose ukwa-
khela uzungu khona kanye pha-
kathi endlini ka-Israyeli.[e] Izwe
alikwazi ukuwabekezelela ama-
zwi akhe.[f] **11** Ngoba yilokhu
u-Amose akushoyo, 'UJerobo-
wamu uyobulawa ngenkemba,
nakanjani u-Israyeli uyoya eku-
dingisweni asuke ezweni la-
khe.'"[g]
**12** U-Amaziya wathi ku-Amo-
se: "O mboni wemibono, ha-
mba, balekela ezweni lakwa-
Juda, usebenze* lapho, yila-
pho lapho ungaprofetha kho-
na.[h] **13** Kodwa ungabe usapro-
fetha eBhethele[i] ngoba liyindlu
engcwele yenkosi[j] futhi liyindlu
yombuso."
**14** U-Amose waphendula
u-Amaziya wathi: "Ngangingeye-
na umprofethi futhi ngingeyo-
na nendodana yomprofethi; ko-
dwa ngangingumalusi[k] ngi-
nakekela nezihlahla zamakhiwa-
ne* emisikhamori. **15** Kodwa
uJehova wangiyekisa ukwalu-
sa umhlambi, uJehova wabe
esethi kimi, 'Hamba uprofe-
the kubantu bami u-Israye-
li.'[l] **16** Manje yizwa izwi lika-
Jehova: 'Wena uthi, "Ungapro-
fethi ngokumelene no-Israyeli[m]
futhi ungashumayeli[n] ngokume-
lene nendlu ka-Isaka." **17** Nga-
kho yilokhu uJehova akushoyo:
"Umkakho uyoba isifebe edo-
lobheni, amadodana namadoda-
kazi akho ayobulawa ngenke-
mba. Izwe lakho liyohlukani-
swa ngentambo yokukala, kuthi
wena ufele ezweni elingahlanze-
kile; nakanjani u-Israyeli uyoya
ekudingisweni esuka ezweni la-
khe."'"[a]

**8** Yilokhu iNkosi EnguMbusi
uJehova eyangibonisa kona:
Bheka! Kwakukhona ubhasiki-
di wezithelo zasehlobo. **2** Ya-
thi kimi, "Ubonani Amose?"
Ngaphendula ngathi: "Ubhasiki-
di wezithelo zasehlobo." UJeho-
va wabe esethi kimi: "Ukuphe-
la sekufikile kubantu bami
u-Israyeli. Ngeke ngisabaxo-
lela.[b] **3** 'Izingoma zethempe-
li ziyophenduka isililo ngalolo
suku,'[c] kusho iNkosi EnguMbu-
si uJehova. 'Ziyoba ziningi izi-
dumbu ezijikijelwe kuyo yonke
indawo[d]—makuthuleke!'

**4** Yizwani lokhu nina enici-
ndezela abahluphekayo
Enibangela ukuba abamne-
ne baphele emhlabeni,[e]
**5** Nina enithi, 'Uyophela
nini umkhosi wokwethwa-
sa kwenyanga[f] ukuze sida-
yise ukudla kwethu oku-
sanhlamvu,
NeSabatha,[g] ukuze sidayise
ukudla okusanhlamvu?
Ukuze sinciphise isikali
se-efa*
Sikhulise isisindo seshe-
keli,*
Ukuze sikhohlise ngezikali
zethu;[h]
**6** Ukuze sithenge abantu aba-
swele ngesiliva
Nabahluphekayo ngezimba-
dada,[i]
Sidayise ingxenye yokudla
okusanhlamvu engasizi
ngalutho.'
**7** UJehova ufunge ukuziQhe-
nya KukaJakobe,[j]

**7:12** *NgesiHebheru, "udle isinkwa."
**7:14** *Noma, "ngingumqhumbuzi wamakhiwane."

**8:5** *Bheka iSithasiselo B14.

ISAHL. 7
*a* Hos 10:8; Amo 5:5; Amo 8:14
*b* 2Kh 15:8, 10; Hos 13:16
*c* 1Kh 12:32
*d* 2Kh 14:23
*e* Jer 26:8, 9; Amo 1:1
*f* Jer 18:18
*g* Amo 5:5; Amo 6:7
*h* Isay 30:10
*i* Amo 2:12
*j* 1Kh 12:29, 32; 1Kh 13:1
*k* Amo 1:1
*l* Jer 1:7; Hez 2:3; 2Pe 1:21
*m* Jer 11:21; Amo 7:13
*n* Mik 2:6

Uhla 2
*a* Lev 26:33; 2Kh 17:6

ISAHL. 8
*b* Amo 4:12; Amo 7:8
*c* Hos 10:5; Amo 5:23
*d* Amo 6:9, 10
*e* Amo 2:6, 7
*f* Num 10:10
*g* Eks 20:8
*h* Lev 19:35, 36; Hos 12:7; Mik 6:10, 11
*i* Lev 25:39; Amo 2:6
*j* Dut 33:26; Hu 68:34

'Angisoze ngazikhohlwa zonke izenzo zabo.[a]
8 Ngenxa yalokhu izwe* liyothuthumela,
Bonke abahlala kulo bayolila.[b]
Ngeke yini liphakame lonke njengeNayile,
Liphakame libuye libohle njengeNayile yaseGibhithe?'[c]
9 'Ngalolo suku,' kusho iNkosi EnguMbusi uJehova,
'Ngiyokwenza ilanga lishone emini bebade,
Ngenze izwe libe mnyama ngosuku olucwathile.[d]
10 Ngiyophendula imikhosi yenu ibe ukulila[e]
Nazo zonke izingoma zenu zibe izingoma zokulila.
Ngiyobhincisa zonke izinkalo indwangu yesaka, ngenze wonke amakhanda abe nezimpandla;
Ngiyokwenza kube nosizi olunjengesililo sokulilela indodana okuwukuphela kwayo,
Yeka ukuthi siyoba munyu kanjani isiphetho salolo suku.'
11 'Bhekani! Kuza izinsuku,' kusho iNkosi EnguMbusi uJehova,
'Lapho ngiyothumela indlala ezweni,
Indlala okungeyona eyesinkwa, nokoma okungekona okokomela amanzi,
Kodwa okokuzwa amazwi kaJehova.[f]
12 Bayoyendayenda kusukela kolunye ulwandle kuya kolunye,
Kusukela enyakatho kuya empumalanga.
Bayozulazula befuna izwi likaJehova, kodwa ngeke balithole.
13 Ngalolo suku izintombi ezinhle ziyoqleka
Nezinsizwa ngokufanayo ngenxa yokoma;
14 Labo abafunga ngokuba necala kweSamariya,[a] abathi,
"Sifunga unkulunkulu wakho Dani!"[b]
Bathi futhi, "Sifunga indlela yaseBheri-sheba!"[c]
Bayowa bangaphinde bavuke.' "[d]

9 Ngabona uJehova[e] emi ngaphezu kwe-altare, wathi:
"Shaya isihloko sezinsika ukuze zizamazame phansi. Zinqume esihlokweni, mina ngiyobulala abasele ngenkemba. Akekho obalekayo oyophunyuka, akekho nozama ukubaleka oyophumelela.[f]
2 Uma bemba bashone phansi eThuneni,*
Isandla sami siyobakhipha lapho;
Uma benyukela emazulwini,
Ngiyobehlisa lapho.
3 Uma bezifihla esiqongweni seKarmeli,
Ngiyobafuna lapho ngibakhiphe.[g]
Uma bezifihla phambi kwamehlo ami ekujuleni kolwandle,
Ngiyoyala inyoka khona lapho ukuba ibalume.
4 Uma beya ekuthunjweni phambi kwezitha zabo,
Ngiyoyala inkemba lapho ibabulale;[h]
Ngiyogxilisa amehlo ami kubo ngenjongo yokubale-

8:8 * Noma, "umhlaba."

9:2 * Noma, "eShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

ISAHL. 8
a Hos 8:13
b Hos 4:3
c Amo 9:5
d Mik 3:6
e Hos 2:11
f Hu 74:9, Hez 7:26, Mat 4:4

Uhla 2
a Hos 8:5, Hos 10:5
b 1Kh 12:28-30
c Amo 5:5
d 2Kh 18:11, Hos 13:16

ISAHL. 9
e Isay 6:1, Hez 1:27, 28
f Amo 2:14
g Jer 23:24
h Lev 26:33

thela okubi, hhayi
okuhle.[a]
5 Ngoba iNkosi EnguMbusi
uJehova wamabutho, ngu-
Ye othinta izwe*
Ukuze lincibilike,[b] bonke
abahlala kulo bayolila;[c]
Lonke liyophakama njenge-
Nayile,
Libohle njengeNayile yase-
Gibhithe.[d]
6 'Lowo owakha izitebhisi za-
khe emazulwini,
Amise isakhiwo* sakhe em-
hlabeni;
Lowo obiza amanzi olwa-
ndle
Ukuze awathululele emhla-
beni[e]
—NguJehova igama lakhe.'[f]
7 'Anifani yini nabantwana
bamaKushe kimi, bantu
bakwa-Israyeli?' kusho
uJehova.
'Angizange yini ngimkhu-
phule u-Israyeli ngimkhi-
phe ezweni laseGibhithe,[g]
NamaFilisti ngiwakhiphe
eKrethe,[h] neSiriya
eKhiri?'[i]
8 'Bhekani! Amehlo eNkosi
EnguMbusi uJehova aphe-
zu kombuso onesono,
Iyowubhuqa ezweni.[j]
Kodwa ngeke ngiyibhuqe
ngokuphelele indlu kaJa-
kobe,'[k] kusho uJehova.
9 'Ngoba bheka! Ngikhipha
umyalo,
Ngiyonyakazisa indlu ka-
Israyeli phakathi kwazo
zonke izizwe,[l]
Njengalapho nje umuntu
enyakazisa isisefo
Kungabi bikho nelilodwa
itshe eliwela phansi.

9:5 *Noma, "umhlaba." 9:6 *Noma, "isakhiwo esinophahla oluyindilinga."

ISAHL. 9
a Dut 28:63, 65
b Mik 1:4
c Hos 4:3
d Amo 8:8
e Job 36:27, 28; Hu 135:7
f Eks 3:15; Amo 4:13; Amo 5:8
g Eks 12:51
h Jer 47:4
i 2Kh 16:9
j 1Kh 13:34; 2Kh 18:11
k Jer 30:11
l Lev 26:33; Dut 28:64

Uhla 2
a Isay 9:6, 7; Isay 16:5; Jer 23:5; Hez 37:24, 25; Zak 12:8; Luk 1:31-33
b 2Sa 7:11; IzE 15:16-18
c Num 24:18; Isay 11:14; Obad 18, 19
d Lev 26:5; Hos 2:22
e Jow 3:18
f Isay 35:1; Isay 55:12
g Ezr 3:1; Jer 30:3; Hez 39:25
h Isay 61:4; Hez 36:33
i Isay 65:21, 22; Hez 28:25, 26
j Isay 62:8, 9; Mik 4:4
k Isay 60:21; Hez 34:27, 28; Hez 37:25

10 Zonke izoni zabantu bami
ziyofa ngenkemba,
Lezo ezithi: "Inhlekelele
ngeke isondele kithi, futhi
ngeke isifice." '
11 'Ngalolo suku ngiyovusa
idokodo* likaDavide[a] eli-
wile,
Ngiyolungisa izindawo# ezi-
bhodlokile,
Ngiyovusa amanxiwa alo;
Ngiyolakha kabusha nje-
ngasezinsukwini
zakudala[b]
12 Ukuze badle ifa lalokho
okusele kuka-Edomi[c]
Nelazo zonke izizwe eziye
zabizwa ngegama lami,'
kusho uJehova, owenza
lokhu.
13 'Bhekani! Kuza izinsuku,'
kusho uJehova,
'Lapho umlimi eyofica
umvuni,
Nomnyatheli wamagilebhisi
afice ophethe imbewu;[d]
Izintaba ziyoconsa iwayini
elimnandi,[e]
Nawo wonke amagquma
ayogeleza iwayini.*[f]
14 Ngiyoqoqa izithunjwa zaba-
ntu bami u-Israyeli ngizi-
buyise,[g]
Ziyokwakha kabusha ama-
dolobha enziwe incithaka-
lo zihlale kuwo;[h]
Ziyotshala amasimu ama-
gilebhisi ziphuze iwayini
lawo,[i]
Zenze izingadi zidle izithelo
zazo.'[j]
15 'Ngiyozitshala ezweni lazo,
Ngeke ziphinde zisishulwe
Ezweni engizinike lona,'[k]
kusho uJehova uNkulu-
nkulu wenu."

9:11 *Noma, "itende." #Noma, "izindawo zabo." 9:13 *NgesiHebheru, "ayoncibilika."

# U-OBADIYA

**UHLU LOKUPHAKATHI**


U-Edomi oqhoshayo uyokwehliswa (1-9)
Ubudlova u-Edomi abenza kuJakobe (10-14)
Usuku lukaJehova ngokumelene nazo zonke izizwe (15, 16)
Indlu kaJakobe iyovuselelwa (17-21)
U-Edomi uyoshwabadelwa uJakobe (18)
Ubukhosi buyoba obukaJehova (21)


**1** Umbono ka-Obadiya:*
Yilokhu iNkosi EnguMbusi uJehova ekushoyo ngo-Edomi:[a]
"Sizwe umbiko ovela kuJehova,
Kuthunyelwe isithunywa phakathi kwezizwe:
'Vukani, masilungele ukuyolwa naye.'"[b]
**2** "Ngikwenze waba mncane phakathi kwezizwe;
Udeleleke kakhulu.[c]
**3** Ukugabadela kwenhliziyo yakho kukukhohlisile,[d]
Wena ohlala endaweni yokucasha esedwaleni,
Ohlala endaweni ephakeme, uthi enhliziyweni yakho,
'Ubani oyongehlisela phansi emhlabeni?'
**4** Ngisho noma wenza indawo yakho iphakame* njengokhozi
Noma ubeka isidleke sakho phakathi kwezinkanyezi,
Ngiyokwehlisa lapho," kusho uJehova.
**5** "Ukube bekungafika amasela kuwe, kufike izigebengu ebusuku,
(Yeka indlela obuyoqothulwa ngayo!)*
Bebengeke yini bantshontshe lokho abakufunayo kuphela?
Noma ukube bekungafika abavuni bamagilebhisi kuwe,
Bebengeke yini bashiye amanye ukuze kukhothozwe?[a]
**6** Yeka indlela u-Esawu afunisiswe ngayo!
Yeka indlela ingcebo yakhe efihliwe ecingisiswe ngayo!
**7** Bakuxoshile bakuyisa emngceleni.
Bonke abangani bakho* bakukhohlisile.
Amadoda anokuthula nawe akunqobile.
Labo abadla nawe isinkwa bayobeka inethi ngaphansi kwakho,
Kodwa wena uyofana nomuntu ongenakho ukuqonda.
**8** Ngalolo suku," kusho uJehova,
"Ngeke yini ngibabhubhise abahlakaniphile kwa-Edomi[b]
Nokuqonda ezintabeni zakwa-Esawu?
**9** Amaqhawe akho ayokwesaba kakhulu,[c] Themani,[d]

---

**1** *Incazelo: "Inceku KaNkulunkulu." **4** *Noma kungaba, "undizela phezulu." **5** *Noma kungaba, "Bebeyobhubhisa kangakanani?"

**7** *Noma, "abasesivumelwaneni nawe."

---

*a* Isay 21:11; Hez 25:12-14; Jow 3:19; Amo 1:11, 12
*b* Jer 49:14-16
*c* Jer 49:8
*d* Mal 1:4

**Uhla 2**
*a* Dut 24:21; Jer 49:9, 10
*b* Jer 49:7
*c* Jer 49:22
*d* Gen 36:10, 11; Hez 25:13; Amo 1:12

Ngoba iqhawe ngalinye ezintabeni zakwa-Esawu liyobhujiswa.[a]
10 Ngenxa yobudlova obenziwa kumfowenu uJakobe,[b]
Uyohlazeka kakhulu,[c]
Ushabalale unomphela.[d]
11 Ngosuku owamela ngalo eceleni,
Ngosuku izihambi ezathumba ngalo ibutho lakhe,[e]
Lapho abantu bezinye izizwe bengena esangweni lakhe benza inkatho[f] ngeJerusalema,
Wenza ububi obufana nobabo.
12 Akufanele uluhleke usuku umfowenu ehlelwa ngalo ishwa,[g]
Akufanele ujabule ngabantu bakwaJuda ngosuku lokushabalala kwabo,[h]
Akufanele ubenze inhlekisa ngosuku lwabo lokucindezeleka.
13 Akufanele ungene esangweni labantu bami ngosuku lwenhlekelele yabo,[i]
Akufanele uhleke usuku ehlelwe ngalo inhlekelele,
Akufanele ubeke izandla zakho engcebweni yakhe ngosuku lwenhlekelele yakhe.[j]
14 Akufanele ume empambanweni yemigwaqo ukuze ubulale abaphunyukile bakhe,[k]
Akufanele unikele ngabasindile bakhe ngosuku losizi.[l]
15 Ngoba luseduze usuku lukaJehova lokumelana nazo zonke izizwe.[m]
Indlela owenze ngayo, kuyokwenziwa ngayo nakuwe.[n]
Indlela ophathe ngayo abanye, nawe uyophathwa ngayo.
16 Ngoba indlela eniphuze ngayo entabeni yami engcwele,
Zonke izizwe ziyoqhubeka ziphuza ngayo njalo.[a]
Ziyophuza ziminye,
Kube sengathi azikaze zibe khona.
17 Kodwa abaphunyukile bayoba seNtabeni iZiyoni,[b]
Iyoba ngcwele;[c]
Indlu kaJakobe iyothatha izinto zabo.[d]
18 Indlu kaJakobe iyoba umlilo,
Indlu kaJosefa ibe ilangabi,
Indlu ka-Esawu ibe njengezinhlanga;
Bayozithungela ngomlilo bazishwabadele,
Akekho oyosinda endlini ka-Esawu,[e]
Ngoba uJehova ngokwakhe ukhulumile.
19 Bayothatha iNegebhi nezintaba zika-Esawu,[f]
Bathathe iShefela nezwe lamaFilisti.[g]
Bayothatha indawo ka-Efrayimi nendawo yaseSamariya,[h]
UBhenjamini uyothatha iGileyadi.
20 Abadingisiwe bakule ndawo enesivikelo esiqinile,[i]
Okungabantu bakwa-Israyeli, bayothatha izwe lamaKhanani kuze kufike eZarefati.[j]
Abadingisiwe baseJerusalema, ababeseSefaradi, bayothatha amadolobha aseNegebhi.[k]
21 Abasindisi bayokhuphukela eNtabeni iZiyoni
Ukuze bahlulele izintaba zika-Esawu,[l]
Ubukhosi buyoba obukaJehova."[m]

a Isay 34:5, 6
b Gen 27:41, 42; Num 20:20, 21; Hu 83:4-6; Hu 137:7; Jow 3:19; Amo 1:11
c Jer 49:13
d Mal 1:3, 4
e 2Kh 24:10, 16; Jer 52:28
f Jow 3:3
g Mik 4:11
h IsiL 4:21
i Zak 1:15
j Hu 137:7; Hez 25:12
k Amo 1:11
l Jer 30:7
m Jer 9:25, 26; Jer 25:32; Jow 3:12, 14; Mik 5:15
n Hez 35:15

**Uhla 2**

a Jer 25:17; Jer 49:12
b Jow 2:32
c Isay 4:3; Zak 8:3
d Isay 14:2; Amo 9:11, 12
e Jer 49:17, 18; Hez 35:15
f Amo 9:11, 12
g Isay 11:14; Amo 1:8
h 2Kh 17:24; Jer 31:5, 6
i Hu 122:6, 7
j 1Kh 17:9
k Jer 13:19; Jer 33:13
l Hu 149:6, 7; Hez 35:11
m Hu 22:28; Zak 14:9

# UJONA

UHLU LOKUPHAKATHI


1 UJona uzama ukubalekela uJehova (1-3)
UJehova wenza kube nesiphepho esikhulu (4-6)
UJona uyimbangela yenkinga (7-13)
UJona uphonswa olwandle olunesiphepho (14-16)
Inhlanzi enkulu igwinya uJona (17)

2 Umthandazo kaJona esesiswini senhlanzi (1-9)
Inhlanzi ihlanzela uJona emhlabathini (10)

3 UJona ulalela uNkulunkulu aye eNineve (1-4)
AbaseNineve bayaphenduka ngenxa yomyalezo kaJona (5-9)
UNkulunkulu unquma ukungalibhubhisi iNineve (10)

4 UJona uthukuthele futhi ufuna ukufa (1-3)
UJehova ufundisa uJona isihe (4-11)
“Kulungile yini ukuba uthukuthele kangaka?” (4)
Ufundiswa isifundo ngoselwa (6-10)


**1** Izwi likaJehova lafika kuJo-
na*[a] indodana ka-Amithayi,
lithi: **2** “Sukuma uye eNine-
ve,[b] idolobha elikhulu, umeme-
zele isahlulelo salo ngoba ngi-
bubonile ububi balo.”
**3** Kodwa uJona wasukuma
wabalekela uJehova waya
eTharishishi; wehlela eJopha,
wathola umkhumbi oya eThari-
shishi. Ngakho wakhokha ima-
li yokugibela wangena emkhu-
njini ukuze ahambe nabo aye
eTharishishi abalekele uJe-
hova.
**4** UJehova wabe esephonsa
umoya omkhulu olwandle, kwa-
ba khona isiphepho esikhu-
lu olwandle kangangokuthi um-
khumbi wawusuzophihlizeka.
**5** Amatilosi ayethuke kakhu-
lu kangangokuba ngalinye lawo
laqala ukucela usizo kunkulu-
nkulu walo. Aqala ukuphonsa
olwandle izinto ezazisemkhu-
njini ukuze awenze ube lula.[c]
Kodwa uJona wayesehlele pha-
nsi engxenyeni engaphakathi
yomkhumbi,* lapho azumeka
khona walala zwi. **6** Ukapu-
teni womkhumbi weza kuye
wathi: “Ulaleleni? Vuka ubi-
ze unkulunkulu wakho! Mhla-
wumbe uNkulunkulu weqiniso
uzosibonisa umusa singashaba-
lali.”[a]
**7** Ngemva kwalokho bathi
komunye nomunye: “Wozani,
masenze inkatho[b] ukuze sitho-
le ukuthi ubani osifake kulolu
taku.” Ngakho benza inkatho,
inkatho yadla uJona.[c] **8** Ba-
thi kuye: “Sicela usitshele uku-
thi ubani obangele le nhle-
kelele esehlele? Wenza msebe-
nzi muni futhi uvelaphi? Uvela
kuliphi izwe futhi ungowasiphi
isizwe?”
**9** Waphendula wathi: “Ngi-
ngumHebheru, ngesaba* uJe-
hova uNkulunkulu wamazulu,
Lowo owenza ulwandle nom-
hlabathi owomile.”

ISAHL. 1
a 2Kh 14:25 Luk 11:29, 30
b Mat 12:41
c IzE 27:18, 38

Uhla 2
a Jon 3:9
b IzA 16:33 IzA 18:18
c Jos 7:14, 18 1Sa 14:42, 43

1:1 *Incazelo: “Ijuba.”

1:5 *Noma, “yomkhumbi onendeki.”
1:9 *Noma, “ngikhulekela.”

**10** Lapho ezwa lokho, la ma-
doda esaba nakakhulu, ayese-
mbuza: “Wenzeni?” (La mado-
da ayesezwile ukuthi wayeba-
lekela uJehova ngoba waye-
sewatshelile.) **11** Ngakho athi
kuye: “Kufanele senzeni nga-
we ukuze ulwandle luthule?”
Ngoba ulwandle lwaluqhube-
ka luba nesiphepho nakakhu-
lu. **12** Wathi kuwo: “Ngipha-
kamiseni ningiphonse olwa-
ndle, ulwandle luzothula; ngo-
ba ngiyazi ukuthi lesi siphe-
pho esikhulu sinehlela ngenxa
yami.” **13** Nokho, la madoda
agwedla ngamandla ukuze abu-
yisele umkhumbi emhlabathini
owomile, kodwa awakwazanga
ngoba ulwandle lwaluqhubeka
luba nesiphepho nakakhulu.
**14** Abe esebiza uJehova
athi: “Manje siyakuncenga Jeho-
va, sicela ukungabhubhi ngenxa
yalo muntu! Ungasithwesi ica-
la legazi lomuntu ongenacala
njengoba wenze ngokuvumela-
na nentando yakho, O Jehova.”
**15** Abe esemphakamisa uJona
amphonsa olwandle; ulwandle
lwazola. **16** La madoda amesa-
ba kakhulu uJehova,[a] anikela
umhlatshelo kuJehova enza ne-
zifungo.
**17** Manje uJehova wathume-
la inhlanzi enkulu ukuze igwi-
nye uJona, uJona waba sesiswi-
ni sale nhlanzi izinsuku ezinta-
thu nobusuku obuthathu.[b]

**2** UJona wabe esethandaza
kuJehova uNkulunkulu wa-
khe esesiswini senhlanzi,[c]
**2** wathi:

“Ngambiza uJehova ngiso-
sizini lwami, wangiphe-
ndula.[d]
Ngakhalela usizo ngisema-
jukujukwini*[e] eThuna.#
Wena walizwa izwi lami.
**3** Lapho ungiphonsa ema-
jukujukwini, enhliziyweni
yolwandle oluvulekile,
Amagagasi angigwinya.[a]
Wonke amagagasi
akho amakhulu angikhu-
khula.[b]
**4** Ngathi, ‘Ngixoshiwe pha-
mbi kwakho!
Ngiyobuye ngiligqolozele
kanjani ithempeli lakho
elingcwele?’
**5** Amanzi angigwinyile futhi
acishe angibulala;[c]
Amanzi ajulile angihaqa.
Ukhula lwathandela ikha-
nda lami.
**6** Ngashona phansi eziseke-
lweni zezintaba.
Izingodo zomhlaba zazi-
valeka unomphela phezu
kwami.
Kodwa ukuphila kwami wa-
kukhuphula egodini, Je-
hova Nkulunkulu wami.[d]
**7** Lapho ukuphila kwami
kushabalala, nguJehova
engamkhumbula.[e]
Umthandazo wami wafika
kuwe, ethempelini lakho
elingcwele.[f]
**8** Labo abakhonza izithixo
ezingenamsebenzi bashi-
ya umthombo wabo wo-
thando oluqotho.*
**9** Kodwa mina, ngizokwenze-
la umhlatshelo ngezwi lo-
kubonga.
Engikufungile
ngizokufeza.[g]
Insindiso ivela kuJehova.”[h]

**10** Ngokuhamba kwesikha-
thi uJehova wayala inhlanzi
ukuba ihlanze uJona imkhi-
phele emhlabathini owomile,
yenza lokho kanye.

---

**2:2** *NgesiHebheru, “ngisesiswini.” #Noma, “eShiyoli,” okuwukuthi, ithuna lesintu elivamile. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**2:8** *Noma kungaba, “bashiya ubuqotho babo.”

---

ISAHL. 1
a Dan 6:26, 27
b Mat 12:39, 40; Mat 16:4; Luk 11:29, 30

ISAHL. 2
c Hu 91:14, 15; Mat 12:40
d Hu 120:1
e Hu 130:1, 2

Uhla 2
a Hu 69:1
b Hu 42:7
c Hu 69:1
d Hu 16:10; Hu 30:3; Isay 38:17; IzE 2:31
e Hu 142:2, 3; Hu 143:4, 5
f Hu 18:6
g Hu 50:14
h Hu 3:8; Isay 12:2

**3** Kwabe sekufika izwi lika-
Jehova kuJona okwesibili,
lathi:[a] **2** “Sukuma uye eNine-
ve[b] idolobha elikhulu, umeme-
zele kulo umyalezo engikutshe-
la wona.”
**3** Ngakho uJona wasukuma
waya eNineve,[c] elalela izwi li-
kaJehova.[d] INineve laliyidolo-
bha elikhulu kakhulu*—kwaku-
thatha izinsuku ezintathu uku-
lihamba lonke. **4** UJona wabe
esengena edolobheni, waha-
mba usuku lonke, wayememe-
zela ethi: “Kusele izinsuku ezi-
ngu-40 kuphela bese iNineve li-
yabhujiswa.”
**5** Amadoda aseNineve aba
nokholo kuNkulunkulu,[e] ame-
mezela ukuba kuzilwe ukudla,
agqoka indwangu yesaka, kusu-
kela komkhulu kunawo wonke
kuye komncane kunawo wo-
nke. **6** Lapho lo myalezo ufi-
ka enkosini yaseNineve, yasu-
kuma esihlalweni sayo sobu-
khosi, yakhumula ingubo yayo
yasebukhosini, yazimboza nge-
ndwangu yesaka yahlala phansi
emlotheni. **7** Ngaphezu kwa-
lokho, yakhipha isimemezelo
kulo lonke elaseNineve,
“Ngomyalo wenkosi nezikhu-
lu zayo: Akukho muntu nasi-
lwane, akukho mhlambi we-
zinkomo namhlambi wezimvu
nezimbuzi, okufanele udle uku-
dla. Akufanele kudliwe uku-
dla noma kuphuzwe amanzi.
**8** Mabazimboze ngendwangu
yesaka, kokubili umuntu nesi-
lwane; mababize uNkulunkulu
ngobuqotho, bayeke izindlela
zabo ezimbi nobudlova ababe-
nzayo. **9** Ubani owaziyo uku-
thi uNkulunkulu weqiniso nge-
ke yini ashintshe umqondo*
ngalokho ahlose ukukwenza,
angabe esathukuthela ukuze
singabhubhi?”
**10** Lapho uNkulunkulu we-
qiniso ebona lokho abakwenza,
indlela abaphenduka ngayo ezi-
ndleleni zabo ezimbi,[a] washi-
ntsha umqondo* ngenhlekelele
ayethe uzobalethela yona, aka-
bange esayiletha.[b]

**4** Kodwa lokho akuthandeka-
nga neze kuJona, wathuku-
thela wagana unwabu. **2** Nga-
kho wathandaza kuJehova wa-
thi: “O Jehova, akukhona yini
lokhu okwakungikhathaza la-
pho ngisesezweni lakithi? Yi-
ngakho ngazama ukubalekela
eTharishishi[c] kwasekuqaleni;
ngoba ngangazi ukuthi ungu-
Nkulunkulu onozwela* nesihe,
owephuza ukuthukuthela no-
chichima uthando oluqotho,[d]
lowo odabukayo ngenhlekelele.
**3** Manje Jehova, ngicela utha-
the ukuphila kwami, ngoba ku-
ngcono ukuba ngife kunokuba
ngiphile.”[e]
**4** UJehova wabuza: “Kulu-
ngile yini ukuba uthukuthele
kangaka?”
**5** UJona wabe esephuma
kulelo dolobha, wahlala phansi
ngasempumalanga yedolobha.
Wazakhela umpheme lapho,
wahlala emthunzini wawo uku-
ze abone ukuthi kwakuzokwe-
nzekani ngedolobha.[f] **6** Nge-
mva kwalokho, uJehova uNku-
lunkulu wenza ukuba kumi-
le uselwa, ukuze lwenzele ikha-
nda likaJona umthunzi, lum-
phumuze osizini lwakhe. UJo-
na wajabula kakhulu ngalolu
selwa.

**ISAHL. 3**
*a* Jon 1:1, 2
*b* Gen 10:8, 11; Nah 1:1; Zef 2:13
*c* Gen 10:8, 11
*d* Jon 2:9
*e* Eks 9:20; Mat 12:41; Luk 11:32

**Uhla 2**
*a* Luk 11:32
*b* Jer 18:7, 8; Hez 18:21-23; Jon 4:2

**ISAHL. 4**
*c* Jon 1:3
*d* Eks 34:6; Hu 78:38; Hu 86:5; Hu 145:8
*e* Num 11:11, 15; 1Kh 19:2, 4; Job 6:8, 9
*f* Jon 3:4

**3:3** *NgesiHebheru, “idolobha elikhulu kuNkulunkulu.”

**3:9** *Noma, “azisole.” **3:10** *Noma, “wazisola.” **4:2** *Noma, “onomusa.”

**7** Kodwa uNkulunkulu weqi-
niso wathumela isibungu eku-
ntweleni kokusa ngosuku olu-
landelayo, sahlasela uselwa,
lwabuna. **8** Lapho ilanga li-
phuma, uNkulunkulu wathu-
mela nomoya wasempumala-
nga oshisa kakhulu, ilanga la-
shaya phezu kwekhanda lika-
Jona, waphelelwa amandla.
Wayelokhu ecela ukuba afe,
elokhu ethi: "Kungcono ukuba
ngife kunokuba ngiphile."[a]
**9** UNkulunkulu wabuza uJo-
na wathi: "Kulungile yini uku-
ba uthukuthele kangaka nge-
nxa yoselwa?"[b]
Waphendula wathi: "Kufane-
le ngithukuthele, ngithukuthele
ngize ngifune ukufa." **10** Ko-
dwa uJehova wathi: "Wena
uzwele uselwa, ongazange ulu-
sebenzele noma ulukhulise; lu-
khule ngobusuku obubodwa
lwashabalala ngalo lolo suku.
**11** Akufanele yini nami ngiliha-
wukele iNineve idolobha elikhu-
lu,[a] okukhona kulo abantu aba-
ngaphezu kuka-120 000 abanga-
wazi ngisho nomehluko phaka-
thi kokulungile nokungalungi-
le, kuhlanganise nemfuyo yabo
eningi?"[b]

ISAHL. 4
*a* Jon 4:3
*b* Jon 4:4

Uhla 2
*a* Jon 3:3
*b* Hu 36:6
Hu 145:9

# UMIKA

UHLU LOKUPHAKATHI


1 Isahlulelo ngokumelene neSamariya noJuda (1-16)
  Izono nokuvukela kudala izinkinga (5)

2 Maye kubacindezeli! (1-11)
U-Israyeli uphinde aqoqelwe ndawonye abe nobunye (12, 13)
  Kuyoba nomsindo wabantu ezweni (12)

3 Abaholi nabaprofethi bayalahlwa (1-12)
  Umoya kaJehova wenza uMika agcwale amandla (8)
  Abapristi bafundisa ngenjongo yokuthola imali (11)
  IJerusalema liyoba idolobha eliyincithakalo (12)

4 Intaba kaJehova iyaphakanyiswa (1-5)
  Izinkemba zenziwa amageja (3)
  "Siyohamba ngegama likaJehova" (5)
IZiyoni elivuselelwe liyokwenziwa libe namandla (6-13)

5 Umbusi oyoba mkhulu emhlabeni wonke (1-6)
  Umbusi uyovela eBhetlehema (2)
Abasele bayoba njengamazolo nanjengebhubesi (7-9)
Izwe lizokwenziwa lihlanzeke (10-15)

6 Icala uNkulunkulu aliqulisa u-Israyeli (1-5)
Yini uJehova ayifunayo? (6-8)
  Ubulungisa, ubuqotho, isizotha (8)
Icala nesijeziso sika-Israyeli (9-16)

7 Ukuziphatha okubi kuka-Israyeli (1-6)
  Izitha ezisemndenini womuntu (6)
'Ngizolinda ngesineke' (7)
Kwahlulelwa abantu bakaNkulunkulu (8-13)
Umthandazo kaMika nokudumisa kwakhe uNkulunkulu (14-20)
  Impendulo kaJehova (15-17)
  'Ubani onguNkulunkulu onjengoJehova?' (18)

**1** Leli yizwi likaJehova elafi-
ka kuMika*[a] waseMoreshe-
ti, ezinsukwini zikaJothamu,[b]
u-Ahazi[c] noHezekiya,[d] ama-
khosi akwaJuda,[e] alithola ngo-
mbono ophathelene neSamari-
ya neJerusalema:

2 "Yizwani nonke nina zi-
zwe!
Lalela wena mhlaba nalo-
kho okukugcwalisile,
INkosi EnguMbusi uJeho-
va mayibe ufakazi omele-
ne nani,[f]
–UJehova esethempelini
lakhe elingcwele.
3 Ngoba bheka! UJehova
uyaphuma endaweni ya-
khe;
Uyokwehla anyathele izi-
ndawo eziphakeme zom-
hlaba.
4 Izintaba ziyoncibilika nga-
phansi kwakhe,[g]
Izigodi* ziyoqhekezeka zi-
hlukane,
Njengengcina# ngaphambi
komlilo,
Njengamanzi athululwa
endaweni eyehlelayo.
5 Konke lokhu kungenxa yo-
kuvukela kukaJakobe,
Ngenxa yezono zendlu ka-
Israyeli.[h]
Kuyini ukuvukela kukaJa-
kobe?
Akulona yini iSamariya?[i]
Ziyini izindawo eziphake-
me zikaJuda?[j]
Azilona yini iJerusalema?
6 ISamariya ngiyolenza
libe idolobha eliyincitha-
kalo,
Indawo yokutshala amasi-
mu amagilebhisi;
Amatshe alo ngiyowajiki-
jela* phansi esigodini,
Ngiyoziveza obala iziseke-
lo zalo.
7 Zonke izithombe zalo ezi-
baziwe ziyokwenziwa izi-
cucu,[a]
Wonke umholo wobufebe
balo uyoshiswa
ngomlilo.[b]
Zonke izithixo zalo ngiyo-
zibhubhisa.
Ngoba lazithola ngenko-
khelo yobufebe,
Ziyophinde zibe inkokhelo
yobufebe."
8 Ngenxa yalokhu ngizolila
ngihewule;[c]
Ngizohamba ngingafake
zicathulo futhi ngiha-
mbe nqunu.[d]
Ngizobangalasa njengezi-
mpungushe,
Ngilile njengezintshe.
9 Ngoba isilonda salo asina-
kupholiswa;[e]
Size safika kwaJuda.[f]
Inhlupho isakazeke yaze
yafika esangweni laba-
ntu bami, eJerusalema.[g]
10 "Ningakumemezeli eGati;
Ningakhali nhlobo.
Bhuquzani othulini lwase-
Bheti-afira.*
11 Welani ninqunu futhi ni-
hlazekile nina bantu* ba-
seShafiri.
Abantu# baseZahanani
abazange baphume.
Kuyoba khona ukubanga-
lasa eBheti-ezeli, ngeke
lisanisiza.
12 Ngoba abantu* baseMaroti
baye balindela okuhle,

1:1 *Yisifushaniso selithi Mikayeli (elisho ukuthi "Ubani OnjengoNkulunkulu?") noma Mikhaya (elisho ukuthi "Ubani OnjengoJehova?"). **1:4** *Noma, "Amathafa aphansi." #Noma, "Njengeglu."

**1:6** *NgesiHebheru, "ngiyowathululela." **1:10** *Noma, "endlini ka-Afira." **1:11** *NgesiHebheru, "wena muntu wesifazane." #NgesiHebheru, "Owesifazane." **1:12** *NgesiHebheru, "owesifazane."

ISAHL. 1
a Jer 26:18
b 2Kh 15:32-34; 2Kr 27:1, 2
c 2Kh 16:1, 2
d 2Kh 18:1-3; 2Kr 29:1, 2
e Isay 1:1; Hos 1:1
f Hu 50:7
g Hlu 5:5; Hu 97:5
h 2Kh 17:7, 8
i Hos 7:1
j 2Kh 16:2, 4

Uhla 2
a Lev 26:30; Hos 8:6
b Hos 2:5; Hos 9:1
c Jer 4:19
d Isay 20:2
e Isay 1:5, 6; Jer 15:18
f 2Kh 18:13; Isay 8:7, 8
g 2Kr 32:2; Mik 1:12

Kodwa kwehle okubi ku-
vela kuJehova kwehlela
esangweni laseJerusa-
lema.
13 Bophelani inqola emahha-
shini, nina bantu* base-
Lakishi.[a]
Naningukuqala kwesono
endodakazini yaseZiyo-
ni,
Ngoba kini kutholakale
ukuvukela kuka-Israyeli.[b]
14 Ngakho uyonika uMore-
sheti-gati izipho zokuva-
lelisa.
Izindlu zase-Akizibi[c] zazi-
yinto ekhohlisayo ema-
khosini akwa-Israyeli.
15 Ngisazomletha kini um-
nqobi,#[d] nina bantu* ba-
seMareshahi.[e]
Inkazimulo ka-Israyeli iyo-
fika nase-Adulamu.[f]
16 Phucani amakhanda enu
nigunde izinwele zenu
ngenxa yezingane zenu
eziyigugu.
Zenzeni nibe nempandla
njengenqe,*
Ngoba niphuciwe izingane
zenu zayiswa ekudingi-
sweni."[g]

2 "Maye kulabo abaceba oku-
limazayo,
Abenza okubi emibhedeni
yabo!
Lapho kusa, bayakwenza
Ngoba kusemandleni esa-
ndla sabo.[h]
2 Bafisa amasimu futhi ba-
waqhwage;[i]
Bafise nezindlu, bazitha-
the;
Baphamba umuntu umuzi
wakhe,[j]
Baphambe umuntu ifa la-
khe.
3 Ngakho yilokhu uJehova
akushoyo:
'Nginihlelela inhlekelele[a]
eningeke nikwazi uku-
phunyuka kuyo.[b]
Ngeke nisahamba ngoku-
ziphakamisa[c] ngoba yisi-
khathi senhlekelele.[d]
4 Ngalolo suku abantu bayo-
sho isaga ngani,
Bayonikhalela kamunyu.[e]
Bayothi: "Siphundlwe ngo-
kuphelele![f]
Isabelo sabantu bakithi
usithathile kithi wasini-
ka abanye![g]
Amasimu ethu uwanika
ongathembekile."
5 Ngakho ngeke ube naye
ozokwelula intambo yo-
kukala,
Ozokwaba izwe ebandleni
likaJehova.
6 "Yekani ukushumayela!"
bayashumayela,
"Akufanele bashumayele
lezi zinto;
Ukululazeka ngeke kusifi-
ce!"
7 Kuyashiwo yini nina ndlu
kaJakobe ukuthi:
"Ingabe umoya kaJehova
awusenaso isineke?
Ingabe yizenzo zakhe
lezi?"
Amazwi ami awabaletheli
yini okuhle labo abaha-
mba ngobuqotho?
8 Kodwa muva nje abantu
bami baphenduke isitha.
Nisusa umhlobiso omuhle
ezingutsheni zabo,
Ezingutsheni zalabo aba-
dlulayo behamba ngoku-
zethemba, njengabantu
ababuya empini.
9 Abesifazane babantu bami
niyabaxosha ezindlini
zabo ezibajabulisayo;

---

1:13, 15 *NgesiHebheru, "wena muntu wesifazane." 1:15 #Noma, "umphuci wamafa." 1:16 *NgesiHebheru leli gama lingabhekisela nasokhozini.

ISAHL. 1
a Jos 15:20, 39; 2Kh 18:14
b 1Kh 14:16; 2Kh 16:2, 3; Jer 3:8
c Jos 15:20, 44
d Isay 7:17
e 2Kr 11:5, 8
f Neh 11:25, 30
g Dut 28:41; 2Kh 17:6; Isay 39:7

ISAHL. 2
h 1Kh 21:7
i Eks 20:17; 1Kh 21:2; Isay 5:8
j Jer 22:17; Hez 22:12, 29

Uhla 2
a Jer 18:11
b Amo 2:14
c Isay 2:11
d Amo 5:13
e Jer 9:10; IsiL 1:1
f Isay 6:11; Jer 25:9; Zef 1:2
g 2Kh 17:23

Izingane zabo niziphuca
izinto ezinhle engizibusi-
se ngazo ningaphinde ni-
zibuyise.
10 Sukumani nihambe, ngoba
lena akuyona indawo yo-
kuphumula.
Ngenxa yokungcola,[a] ku-
nembubhiso, imbubhiso
ebanga usizi.[b]
11 Uma umuntu elandela
umoya namanga futhi
ekhuluma la manga:
"Ngiyonishumayeza nge-
wayini nangotshwala,"
Uma esho kanje uyobe
engumshumayeli walesi
sizwe.[c]
12 Nakanjani ngiyoniqoqa no-
nke Jakobe;
Nakanjani ngiyobaqoqela
ndawonye abasele baka-
Israyeli.[d]
Ngiyobenza babe nobunye
njengomhlambi esiba-
yeni,
Njengomhlambi emadle-
lweni awo;[e]
Kuyoba nomsindo waba-
ntu.'[f]
13 Ofohlayo uyohamba pha-
mbi kwabo;
Bayofohla badlule esa-
ngweni, baphume ngalo.[g]
Inkosi yabo iyodlula pha-
mbi kwabo,
UJehova ephambi
kwabo."[h]

3 Ngathi: "Ngicela nizwe nina
zinhloko zakwaJakobe
Nani balawuli bendlu ka-
Israyeli.[i]
Akufanele yini nazi oku-
wubulungisa?
2 Kodwa niyakuzonda oku-
hle,[j] nithanda okubi;[k]
Nihlubula abantu bami
isikhumba, nisuse nenya-
ma emathanjeni abo.[l]
3 Nidla nenyama yabantu
bami,[a]
Nihlubule isikhumba sabo,
Niphule amathambo abo
abe yizicucu,[b]
Njengalokho okuphekwe
ebhodweni, njengenya-
ma esebhodweni loku-
pheka.
4 Ngaleso sikhathi bayocela
usizo kuJehova,
Kodwa ngeke abaphe-
ndule.
Uyobafihlela ubuso bakhe
ngaleso sikhathi[c]
Ngenxa yezenzo zabo ezi-
mbi.[d]
5 Yilokhu uJehova akusho-
yo ngokumelene naba-
profethi abadukisa aba-
ntu bami,[e]
Abamemeza bathi, 'Uku-
thula!'[f] uma kukhona
abakuhlafunayo*[g]
Kodwa balungele ukulwa#
nomuntu ongafaki lutho
emilonyeni yabo:
6 'Niyoba nobusuku;[h] ngeke
kube nambono;[i]
Niyoba nobumnyama ku-
phela, ngeke nisabhula.
Abaprofethi bayoshone-
lwa ilanga,
Nosuku luyoba mnyama
kubo.[j]
7 Ababoni bemibono bayo-
ba namahloni,[k]
Nababhuli bayodumazeka.
Bonke kuyomelwe bambo-
ze amadevu*
Ngoba kungekho mpendu-
lo evela kuNkulunkulu.'"
8 Kodwa mina ngigcwele
amandla ngenxa yomoya
kaJehova,
Ngigcwele nobulungisa ne-
zikhwepha

**ISAHL. 2**
a Hu 106:38, 39
b Jer 9:19; Jer 10:18
c 1Kh 22:6, 8; Isay 9:15, 16; Jer 6:13, 14; Hez 13:2, 3
d Isay 11:11; Jer 23:3; Jer 31:7, 8; Mik 4:6
e Hez 34:11
f Hez 36:38; Zak 8:22
g Isay 62:10
h Isay 49:10; Isay 52:12

**ISAHL. 3**
i Mik 3:9
j 1Kh 22:8; Amo 5:10
k 2Kr 19:2
l Hez 22:27; Amo 8:4; Zef 3:3

**Uhla 2**
a Hez 34:2, 3
b Isay 3:15
c IsiL 3:44
d Dut 31:17, 18; Isay 1:15; Isay 3:11
e Isay 9:15, 16; Isay 56:10
f Jer 23:16, 17; Hez 13:10
g Jer 23:16, 17; Hez 13:10
h Jer 13:16
i Hu 74:9; Hez 13:23
j Isay 59:9, 10; Amo 8:9
k Isay 29:10

**3:5** *Noma, "abakulumayo." #NgesiHebheru, "bangcwelise impi." **3:7** *Noma, "imilomo yabo."

Ukuze ngitshele uJakobe
ukuvukela kwakhe no-
Israyeli isono sakhe.
9 Ngicela nizwe lokhu
nina zinhloko zendlu ka-
Jakobe
Nani balawuli bendlu ka-
Israyeli,[a]
Enizonda ubulungisa ne-
nenza yonke into eqondi-
le ibe egwegwile,[b]
10 Enakha iZiyoni ngokuchi-
tha igazi neJerusalema
ngokungalungi.[c]
11 Abaholi* bakhe bahlulela
ngenjongo yokuthola isi-
fumbathiso,[d]
Abapristi bakhe bafundisa
ngenjongo yokuthola
imali,[e]
Abaprofethi bakhe babhu-
la ngenjongo yokuthola
imali.#[f]
Nokho bancika kuJehova,△
bethi:
"UJehova akekho yini pha-
kathi kwethu?[g]
Akukho nhlekelele ezose-
hlela."[h]
12 Ngakho ngenxa yenu
IZiyoni liyolinywa njenge-
nsimu,
IJerusalema liyoba yindu-
nduma yamanxiwa,[i]
Nentaba yeNdlu* iyofana
nezindawo eziphakeme
ehlathini.[j]

4 Ezinsukwini zokugcina,*
Intaba yendlu kaJehova[k]
Iyomiswa iqine ibe nga-
phezu kweziqongo ezi-
ntaba,
Iyophakanyiswa ngaphezu
kwamagquma,

Izizwe ziyothutheleka
kuyo.[a]
2 Izizwe eziningi ziyohamba
zithi:
"Wozani sikhuphukele
entabeni kaJehova
Nasendlini kaNkulunkulu
kaJakobe.[b]
Uzosifundisa izindlela
zakhe
Sihambe ezindleleni za-
khe."
Ngoba umthetho* uyophu-
ma eZiyoni,
Nezwi likaJehova eJerusa-
lema.
3 Uyokhipha isahlulelo
phakathi kwezizwe ezini-
ngi,[c]
Alungise izindaba ngoku-
qondene nezizwe ezina-
mandla ezikude.
Ziyokhanda izinkemba
zazo zibe amageja
Nemikhonto yazo ibe oce-
lemba.[d]
Izizwe ngeke ziphakamise-
lane inkemba,
Futhi ngeke zisayifunda
impi.[e]
4 Bayohlala kube yilowo na-
lowo ngaphansi kwesi-
hlahla sakhe samagile-
bhisi nangaphansi kwesi-
hlahla sakhe somkhi-
wane,[f]
Akekho oyobenza
besabe,[g]
Ngoba umlomo kaJehova
wamabutho ukhulumile.
5 Zonke izizwe ziyohamba
yileso naleso ngegama li-
kankulunkulu waso,
Kodwa thina siyohamba
ngegama likaJehova
uNkulunkulu wethu[h]
kuze kube phakade na-
phakade.

3:11 *NgesiHebheru, "Izinhloko." #Noma, "isiliva." △Noma, "bathi bancika kuJehova." 3:12 *Noma, "yethempeli." 4:1 *Noma, "Engxenyeni yokugcina yezinsuku."

4:2 *Noma, "imfundiso."

ISAHL. 3
a Mik 3:1
b Dut 27:19; Jer 5:28
c Jer 22:13
d Isay 1:23; Isay 5:20, 23; Hez 22:12
e Jer 6:13
f Isay 56:10, 11
g Isay 48:1, 2; Jer 7:4
h Amo 9:10
i Hu 79:1
j Jer 26:18

ISAHL. 4
k Isay 11:9; Zak 8:3

Uhla 2
a Hu 86:9; Isay 2:2-4; Isay 60:3; IsA 15:4
b Jer 31:6; Zak 8:20, 21
c 1Sa 2:10; Hu 96:13; Isay 51:4, 5
d Hos 2:18; Zak 9:10
e Hu 72:7; Isay 9:7; Isay 60:18
f Zak 3:10
g Isay 54:14; Hez 34:25; Hez 39:25, 26
h Zak 10:12

6 "Ngalolo suku," kusho uJehova,
"Ngiyobabutha labo ababexhuga,
Ngiqoqele ndawonye abahlakazekile[a]
Kanye nalabo engabaphatha ngesihluku.
7 Ababexhuga ngiyobenza babe insali,[b]
Abadediselwe kude ngibenze babe isizwe esinamandla;[c]
UJehova uyobusa njengenkosi phezu kwabo eNtabeni iZiyoni,
Kusukela manje kuze kube phakade.
8 Kodwa wena mbhoshongo womhlambi,
Ndunduma yendodakazi yaseZiyoni,[d]
Uyofika kuwe, yebo, umbuso wokuqala* uyofika,[e]
Umbuso wendodakazi yaseJerusalema.[f]
9 Kungani umemeza kakhulu kangaka?
Awunayo yini inkosi,
Noma ingabe umeluleki wakho ushabalele?
Kungaleso sizathu yini ubanjwe izinhlungu njengowesifazane obelethayo?[g]
10 Zibhonqe ububule ndodakazi yaseZiyoni,
Njengowesifazane obelethayo,
Ngoba manje uzosuka edolobheni uyohlala esigangeni.
Uzohamba uze ufike eBhabhiloni,[h]
Uyokhululwa lapho;[i]
Lapho, uJehova uyokuthenga akubuyise esandleni sezitha zakho.[j]
11 Manje izizwe eziningi ziyobuthana zimelane nawe;
Ziyothi, 'Makangcoliswe,
Amehlo ethu mawakubone lokhu kwenzeka eZiyoni.'
12 Kodwa aziyazi imicabango kaJehova,
Aziyiqondi injongo* yakhe;
Ngoba uyoziqoqela ndawonye njengenqwaba yokudla okusanhlamvu okusanda kusikwa kwayiswa esibuyeni.
13 O ndodakazi yaseZiyoni sukuma ubhule;[a]
Ngoba izimpondo zakho ngizozishintsha zibe insimbi,
Nezinselo zakho ngizishintshe zibe yithusi,
Uyochoboza izizwe eziningi.[b]
Inzuzo yazo eziyithole ngokungathembeki uyoyinikela kuJehova,
Nomnotho wazo uyowunikela eNkosini yeqiniso yomhlaba wonke."[c]

5 "Manje uyazisika,
O ndodakazi ehlaselwayo;
Sivinjezelwe.[d]
Bashaya umahluleli kaIsrayeli ngenduku esihlathini.[e]
2 Nawe Bhetlehema-Efratha,[f]
Wena omncane kakhulu ukuba ube phakathi kwemindeni* yakwaJuda,
Kuwe ngiyophunyelwa ozoba umbusi kwa-Israyeli,[g]
Osiqalo sakhe sisukela ezikhathini zasendulo, ezinsukwini zakudala.

ISAHL. 4
a Hu 147:2, Isay 56:8, Hez 34:12, 16, Hez 37:21, Zef 3:19
b Isay 10:21, Mik 2:12, Mik 7:18
c Isay 60:22
d 2Sa 5:7
e Obad 21
f Zak 9:9
g Jer 30:6
h 2Kh 20:18, 2Kr 36:17, 20
i Isay 45:13, Zak 2:7
j Hu 107:2, 3, Isay 48:20, Jer 15:21

Uhla 2
a Isay 41:15
b Zak 9:13
c Jos 6:18, 19, Isay 23:17, 18

ISAHL. 5
d Dut 28:52
e Mat 26:67, Joh 18:22, Joh 19:3
f Gen 35:19, Luk 2:4
g Gen 49:10, 1Kr 5:2, Isay 9:6, Mat 2:4-6, Luk 1:32, 33, Luk 2:11, Joh 7:42

4:8 *Noma, "wangaphambili."

4:12 *Noma, "iseluleko." 5:2 *Noma, "kwezinkulungwane."

3 Ngakho uyobanikela
Kuze kube yisikhathi lapho obelethayo ebeletha.
Bonke abanye abafowabo bayobuyela kubantu bakwa-Israyeli.
4 Uyokuma eluse ngamandla kaJehova,[a]
Ngokuphakama kwegama likaJehova uNkulunkulu wakhe.
Bayohlala ngokulondeka,[b]
Ngoba manje ubukhulu bakhe buyofinyelela emaphethelweni omhlaba.[c]
5 Uyoletha ukuthula.[d]
Uma kwenzeka umAsiriya ehlasela izwe lakithi, anyathele imibhoshongo yethu eqinile,[e]
Siyomvusela abelusi abayisikhombisa bamelane naye, yebo, izikhulu* zesintu ezingu-8.
6 Ziyokwelusa izwe lase-Asiriya ngenkemba,[f]
Zeluse nezwe likaNimrode[g] emasangweni alo.
Uyosikhulula kumAsiriya[h]
Lapho ehlasela izwe lakithi, enyathela endaweni yakithi.
7 Abasele bakaJakobe bayoba phakathi kwezizwe eziningi
Njengamazolo avela kuJehova,
Njengezihlambi zemvula ezimatisa izitshalo
Ezingathembele kumuntu
Noma ezingalindeli amadodana abantu.
8 Abasele bakaJakobe bayoba phakathi kwezizwe,
Phakathi kwezizwe eziningi,
Njengebhubesi phakathi kwezilwane eziyingozi zasendle,
Njengebhubesi eliselincane* phakathi kwemihlambi yezimvu,
Elidlulayo linyathele futhi lidwengule;
Angabi khona ozobakhulula.
9 Isandla sakho siyophakama ngaphezu kwabaphikisana nawe,
Zonke izitha zakho ziyobhujiswa."
10 "Ngalolo suku," kusho uJehova,
"Ngiyowaqeda amahhashi akho ngibhubhise nezinqola zakho.
11 Ngiyobhubhisa amadolobha ezwe lakho
Ngidilize zonke izindawo zakho ezinezivikelo eziqinile.
12 Ngiyoqeda ukuthakatha okwenzayo,
Akekho owenza imilingo oyosala phakathi kwakho.[a]
13 Ngiyobhubhisa izithombe zakho ezibaziwe nezinsika zakho phakathi kwakho,
Ngeke uphinde ukhothamele imisebenzi yezandla zakho.[b]
14 Ngiyokhipha izigxobo zakho ezingcwele*[c] phakathi kwakho,
Ngibhuqe amadolobha akho.
15 Ngentukuthelo nangolaka ngiyophindisela
Ezizweni ezingalalelanga."

5:5 *Noma, "abaholi."

5:8 *Noma, "Njengebhongo lebhubesi elinomhlwenga." 5:14 *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

ISAHL. 5
a Hez 34:23 Hez 37:24
b Jer 23:5, 6
c Zak 9:9, 10
d Isay 9:6
e Isay 8:7
f Isay 33:1
g Gen 10:9-11
h Isay 14:25

Uhla 2
a Isay 2:6 Isay 8:19
b Isay 2:8 Hez 36:25 Hos 14:3 Zak 13:2
c Isay 27:9

6 Ngicela nizwe lokho uJehova akushoyo.
Sukumani nethule icala phambi kwezintaba,
Kwangathi amagquma angalizwa izwi lenu.[a]
2 Yizwani icala uJehova aliqulisayo nina zintaba,
Nina zisekelo zomhlaba eziqinile,[b]
Ngoba kukhona icala uJehova aliqulisa abantu bakhe;
Ngu-Israyeli azophikisana naye:[c]
3 "Bantu bami, ngenzeni kini?
Nginikhathaze kanjani?[d]
Fakazani ngokumelene nami.
4 Ngoba nganikhuphula nganikhipha ezweni laseGibhithe,[e]
Nganikhulula endlini yobugqila;[f]
Ngathumela phambi kwenu uMose, u-Aroni noMiriyamu.[g]
5 Bantu bami, ngicela nikhumbule lokho uBhalaki inkosi yakwaMowabi akuceba,[h]
Nempendulo kaBhalami indodana kaBheyori[i]
—Lokho okwenzeka kusukela eShithimi[j] kuze kuyofika eGiligali[k]—
Ukuze nizazi izenzo zikaJehova zokulunga."
6 Ngiyoya ngiphetheni phambi kukaJehova?
Ngiyokhothama ngiphetheni phambi kukaNkulunkulu ophezulu?
Ingabe ngiyoya phambi kwakhe neminikelo eshiswayo ephelele
Namathole anonyaka owodwa?[l]
7 Ingabe uJehova uyojatshuliswa izinkulungwane zezinqama,
Ajatshuliswe amafutha amaningi?[a]
Ingabe ngiyonikela ngezibulo lami ngenxa yokuvukela kwami,
Nginikele ngesithelo somzimba wami ngenxa yesono sami?[b]
8 Ukutshelile okuhle wena muntu.
Yini uJehova ayifuna* kuwe?
Ufuna kuphela ukuba ubonise ubulungisa,#[c] uthande ubuqotho△[d]
Futhi uhambe ngesizotha[e] noNkulunkulu wakho![f]
9 Izwi likaJehova limemeza idolobha;
Labo abanokuhlakanipha okuwusizo bayolesaba igama lakho.
Nakani induku nalowo owayimisa.[g]
10 Ingabe isekhona ingcebo yobubi endlini yomubi
Nesilinganiso esingaphelele se-efa* elinengekayo?
11 Ngingaba yini ohlanzekile ngokokuziphatha* ngibe nginesikali esibi,
Nginesikhwama sezisindo zamatshe ezikhohlisayo?[h]
12 Ngoba izicebi zakhe zigcwele ubudlova,
Abahlala khona bakhuluma amanga;[i]
Ulimi lwabo nomlomo wabo kuyakhohlisa.[j]

ISAHL. 6
a Isay 5:3
b Hu 50:1, 4; Isay 1:2
c Isay 43:26; Jer 2:35; Hos 4:1
d Jer 2:5
e Eks 12:51; Dut 4:20
f Dut 7:8
g Eks 15:20
h Num 22:5, 6
i Num 23:7, 8; Num 24:10; IsA 2:14
j Num 25:1; Num 33:48, 49
k Jos 4:19
l 1Sa 15:22; Hu 51:16, 17; Isay 1:11

Uhla 2
a Hu 50:8-15
b 2Kh 3:26, 27; Hez 16:20
c IzA 21:3; Isay 1:17; Jer 22:3; Hez 45:9; Hos 12:6
d IzA 3:3; Hos 6:6; Zak 7:9
e IzA 8:13
f Dut 10:12, 13
g Isay 9:13
h Dut 25:13; IzA 11:1; Hos 12:7
i Isay 59:3; Mik 7:2
j Jer 9:3

**6:8** *Noma, "ayicela." #Noma, "ungakhethi." △Noma, "ube nomusa futhi ube qotho othandweni lwakho." NgesiHebheru, "uthande uthando oluqotho." **6:10** *Bheka iSithasiselo B14. **6:11** *Noma, "omsulwa."

13 “Ngakho, ngiyokulimaza
ngokukushaya,[a]
Ngikwenze incithakalo
ngenxa yezono zakho.
14 Uyodla kodwa ngeke usuthe;
Ngeke ube nalutho esiswini.[b]
Okuthathayo ngeke uhambe nako ngokuphepha,
Nalokho ohamba nako, ngiyokunikela enkembeni.
15 Uyohlwanyela imbewu, kodwa ngeke uvune.
Uyonyathela iminqumo, kodwa ngeke uwasebenzise amafutha;
Uyokwenza iwayini elisha, kodwa ngeke uphuze wayini.[c]
16 Ngoba nilalela imithetho ka-Omri nawo wonke umsebenzi wendlu ka-Ahabi,[d]
Nihamba ngezeluleko zabo.
Yingakho ngiyonenza into ethusayo
Nabahlala khona babe yinto yokushayelwa ikhwela;[e]
Niyodelelwa izizwe.”[f]

7 Maye kimi! Nginjengomuntu okuthi
Ngemva kokubuthwa kwezithelo zasehlobo
Nangemva kokukhothoza okwenziwa ngemva kokuvunwa kwamagilebhisi
Angatholi magilebhisi azowadla,
Kungabi nakhiwane elivuthwe kuqala engilihalelayo.
2 Oqotho ushabalele emhlabeni;
Akekho oqotho phakathi kwabantu.[g]
Bonke bacuthela ukuchitha igazi.[h]
Ngamunye uzingela umfowabo ngenethi.
3 Izandla zabo zingompetha ekwenzeni okubi;[a]
Isikhulu sifuna izinto ngenkani,
Umahluleli ufuna isifumbathiso,[b]
Ovelele wenza izifiso zakhe zaziwe,[c]
Futhi bayasebenzisana ekwenzeni lokhu.*
4 Ongcono kunabo bonke kubo unjengameva,
Oqotho kunabo bonke kubo mubi kunothango lwameva.
Usuku lwabalindi bakho nolokwahlulelwa kwakho luyeza.[d]
Manje bazotatazela.[e]
5 Ungabi nokholo kumngani wakho
Noma uthembe umngani wakho omkhulu.[f]
Qapha okushoyo kulowo osuke elele esifubeni sakho.
6 Ngoba indodana idelela uyise,
Indodakazi ivukela unina,[g]
Umalokazana umelana noninazala;[h]
Izitha zomuntu abantu bomndeni wakhe.[i]
7 Kodwa mina, ngizohlala ngibheke uJehova.[j]
Ngizomlinda ngesineke* uNkulunkulu wensindiso yami.[k]
UNkulunkulu wami uzongizwa.[l]
8 Ungajabuli ngami sitha* sami.
Nakuba ngiwile, ngizovuka;

ISAHL. 6
a Isay 1:5
b Lev 26:26; Hez 4:16; Hos 4:10
c Dut 28:38; Jer 12:13; Jow 1:10; Amo 5:11
d 1Kh 16:25, 30; 2Kh 16:2, 3; 2Kh 21:1, 3
e Jer 19:8
f Hu 44:13; Jer 51:51; IsiL 5:1; Dan 9:16

ISAHL. 7
g Isay 57:1
h Isay 59:7

Uhla 2
a Jer 3:5; Jer 4:22; Hez 22:6
b Isay 1:23; Mik 3:11
c 1Kh 21:5, 6
d Isay 10:3; Hez 12:23; Hos 9:7
e Isay 22:5
f Jer 9:4
g Hez 22:7
h Luk 12:53
i Jer 12:6; Mat 10:35, 36
j Hu 123:2; Isay 8:17
k Hu 25:5; Hu 62:1; IsiL 3:26
l Hu 40:1; Isay 12:2; Isay 25:9

---

**7:3** *NgesiHebheru, “bakweluka ndawonye.” **7:7** *Noma, “Ngizobonisa isimo sengqondo sokumlinda.” **7:8** *NgesiHebheru, igama elithi “isitha” lisebulilini besifazane.

Nakuba ngihlala ebumnyameni, uJehova uzoba ukukhanya kwami.
9 Ulaka lukaJehova ngizoluthwala
—Ngoba ngonile kuye[a]—
Kuze kube yilapho esingatha icala lami angenzele ubulungisa.
Uyongikhiphela ekukhanyeni;
Ngiyokubona ukulunga kwakhe.
10 Nesitha sami siyobona,
Siyombozwa amahloni, sona esathi kimi:
"Uphi uJehova uNkulunkulu wakho?"[b]
Amehlo ami ayosibuka.
Manje sizodovadovwa njengodaka ezitaladini.
11 Kuyoba usuku lokwakha izindonga zakho zamatshe;
Ngalolo suku umngcele uyonwetshwa.*
12 Ngalolo suku bayofika kuwe
Bevela e-Asiriya nasemadolobheni aseGibhithe,
EGibhithe kuze kuyofika eMfuleni;*
Olwandle kuze kuyofika kolunye ulwandle, nasezintabeni kuze kuyofika kwezinye izintaba.[c]
13 Izwe liyoba incithakalo ngenxa yabahlala kulo,
Ngenxa yalokho abakwenzile.*
14 Yalusa abantu bakho ngenduku yakho, umhlambi wefa lakho,[d]
Owawuhlala wodwa ehlathini—phakathi kwengadi yezithelo.
Mabadle* eBhashani naseGileyadi[a] njengasezinsukwini zakudala.
15 "Njengasezinsukwini owaphuma ngazo ezweni laseGibhithe,
Ngizombonisa izinto ezimangalisayo.[b]
16 Izizwe ziyobona zibe namahloni naphezu kwawo wonke amandla azo.[c]
Ziyobeka isandla sazo emlonyeni wazo;
Izindlebe zazo ngeke zizwe.
17 Ziyokhotha uthuli njengezinyoka;[d]
Njengezilwane ezihuquzelayo zasemhlabeni, ziyophuma zithuthumela ezindaweni zazo ezivikelekile.
Ziyoza kuJehova uNkulunkulu wethu zivevezela
Futhi ziyokwesaba."[e]
18 Ubani onguNkulunkulu onjengawe,
Othethelela iphutha labasele befa lakhe[f] kanye nesiphambeko sabo?[g]
Ngeke athukuthele kuze kube phakade
Ngoba ujabula ngothando oluqotho.[h]
19 Uzophinde asibonise isihe;[i] uzozinqoba* iziphambeko zethu.
Wena uzoziphonsa ekujuleni kolwandle zonke izono zabo.[j]
20 Uyobonisa ukwethembeka kuJakobe,
Ubonise uthando oluqotho ku-Abrahama,
Njengoba wafunga kokhokho bethu kusukela ezinsukwini zakudala.[k]

---

**7:11** *Noma kungaba, "umyalo uyoba kude." **7:12** *Okuwukuthi, i-Ewufrathe. **7:13** *NgesiHebheru, "Ngenxa yezithelo zezenzo zabo."

**7:14** *Noma, "Mabaklabe." **7:19** *Noma, "uzozinyathela."

ISAHL. 7
a IsiL 1:18
b Hu 79:10; Hu 115:2; Jow 2:17
c Isay 11:16; Isay 27:13; Hos 11:11
d Isay 40:11

Uhla 2
a Jer 50:19; Hez 34:23
b Hu 78:12; Isay 63:11; Jer 23:7, 8
c Hu 126:2; Isay 26:11; Isay 66:18
d Isay 49:23
e Jer 33:9
f Jer 23:3; Jow 2:32
g Eks 34:6, 7; Isay 1:18; Isay 44:22; Jer 50:20; Dan 9:9
h Hu 103:9; Isay 57:16; IsiL 3:22
i Dut 30:3; Hu 103:8, 13; Hos 2:19
j Hu 103:12; Isay 55:7; Jer 31:34
k Gen 22:17; Hu 105:8-11; Luk 1:72, 73; IzE 3:25, 26

# UNAHUME

UHLU LOKUPHAKATHI


1 Impindiselo kaNkulunkulu ezitheni zakhe (1-7)
UNkulunkulu ufuna abantu bazinikele kuye kuphela (2)
UJehova uyabazi labo abafuna isiphephelo kuye (7)
INineve liyoqothulwa (8-14)
Usizi ngeke luvuke okwesibili (9)
Izindaba ezinhle ngoJuda (15)

2 INineve liyokwenziwa incithakalo (1-13)
"Amasango emifula ayovulwa" (6)

3 "Maye ngedolobha lokuchithwa kwegazi!" (1-19)
Izizathu zokwahlulelwa kweNineve (1-7)
INineve liyowa njengeNo-amoni (8-12)
Ukuwa kweNineve akunakugwenywa (13-19)


**1** Isimemezelo ngeNineve:[a] Incwadi yombono kaNahume* umElikoshi:

**2** UJehova unguNkulunkulu ofuna abantu bazinikele kuye kuphela[b] futhi uyaphindisela;
UJehova uyaphindisela, ukulungele ukuveza ulaka lwakhe.[c]
UJehova uyaziphindiselela ezitheni zakhe,
Akayeki ukuthukuthelela izitha zakhe.

**3** UJehova uyephuza ukuthukuthela,[d] unamandla amakhulu,[e]
Kodwa uJehova akasoze asigodla isijeziso esifanele.[f]
Indlela yakhe isemoyeni obhubhisayo nasesivunguvungwini,
Amafu ayizintuli zezinyawo zakhe.[g]

**4** Ukhuza ulwandle,[h] alomise;
Wenza yonke imifula yome.[i]
IBhashani neKarmeli kuyabuna,[j]
Izimbali zaseLebhanoni ziyabuna.

**5** Izintaba ziyazamazama ngenxa yakhe,
Amagquma ancibilike.[a]
Umhlaba uyophithana ngenxa yobuso bakhe,
Kanye nezwe nabo bonke abahlala kulo.[b]

**6** Ubani ongama phambi kolaka lwakhe?[c]
Ubani ongamelana nokuvutha kwentukuthelo yakhe?[d]
Ulaka lwakhe luyothululwa njengomlilo,
Amadwala ayodilika ngenxa yakhe.

**7** UJehova muhle,[e] uyisiphephelo ngosuku lokucindezeleka.[f]
Uyabazi* labo abafuna isiphephelo kuye.[g]

**8** Uyoyiqothula ngokuphelele indawo yalo* ngesikhukhula esinamandla,
Izitha zakhe ziyoxoshwa ubumnyama.

**9** Yiliphi itulo eniyolakhela uJehova?
Uqothula kungasali lutho.
Usizi ngeke luvuke okwesibili.[h]

ISAHL. 1
a Isay 10:12; Nah 3:7; Zef 2:13
b Eks 20:5
c Dut 32:35, 41; Isay 59:18
d Num 14:18
e Job 9:4
f Eks 34:6, 7
g Job 38:1
h Job 38:11; Hu 104:6, 7; Hu 107:29
i Jos 3:16
j Isay 33:9; Amo 1:2

Uhla 2
a 2Sa 22:8; Hu 68:7, 8
b Hu 97:4, 5; Isay 24:1
c Jer 10:10
d Dut 32:22
e Hu 136:1; Mat 19:17
f Hu 46:1; Hu 91:2; IzA 18:10; Isay 25:4
g Hu 1:6
h Isay 10:24, 25

**1:1** *Incazelo: "Umduduzi."

**1:7** *Noma, "Uyabanakekela." **1:8** *Okuwukuthi, yeNineve.

**10** Ngoba abantu baseNineve bathandelene njengameva,
Bafana nabantu abadakwe ubhiya;
Kodwa bayoshwabadelwa njengezinhlanga ezomile.
**11** Kuwe kuyophuma umuntu oceba okubi ngoJehova,
Okhipha iseluleko esingelusizo lwalutho.
**12** Yilokhu uJehova akushoyo:
"Nakuba babenawo wonke amandla futhi bebaningi,
Bayohlaselwa banqunywe.
Ngikuhluphile,* kodwa ngeke ngisakuhlupha.
**13** Manje ngizokwethula ijoka lakhe phezu kwakho,[a]
Ngiyogqabula izibopho zakho.
**14** Ngokuphathelene nawe* uJehova ukhiphe umyalo,
'Igama lakho ngeke lisaqhutshekiselwa phambili.
Ngizoziqeda izithombe ezibaziwe nezithombe zensimbi# endlini△ yonkulunkulu bakho.
Ngizokwenzela ithuna ngoba uyinto enyanyekayo.'
**15** Bheka! Ezintabeni kunezinyawo zalowo oletha izindaba ezinhle,
Lowo omemezela ukuthula.[b]
O Juda, gubha imikhosi yakho,[c] ufeze izifungo zakho,
Ngoba umuntu ongelusizo lwalutho ngeke aphinde adabule kuwe.
Uyobhujiswa ngokuphelele."

**2** Umuntu ohlakazayo ukhuphukile ukuze amelane nawe.*[d]
Qapha izindawo ezinezivikelo eziqinile.
Gada umgwaqo.
Yima ngomumo ubuyise wonke amandla akho.
**2** Ngoba uJehova uyobuyisela ukuziqhenya kukaJakobe
Kanye nokuziqhenya kuka-Israyeli,
Ngoba ababhubhisayo bababhubhisile;[a]
Balimaze izithombo zabo.
**3** Amahawu amadoda akhe anamandla adaywe aba bomvu,
Amaqhawe akhe agqoke okubomvu klebhu.
Izinto zensimbi zezinqola zakhe zempi zibanika njengomlilo
Ngosuku alungiselela ngalo impi,
Amaqhawe avilizisa imikhonto yomjunipha.
**4** Izinqola zempi zigijimisa okohlanya emigwaqweni.
Zehla zenyuka ngesivinini esikhulu ezigcawini.
Zikhanya njengesibani esivuthayo, zibanike njengombani.
**5** Uyobiza izikhulu zakhe.
Ziyokhubeka njengoba zihamba.
Ziphuthuma odongeni lwakhe;
Zimisa imigoqo.
**6** Amasango emifula ayovulwa,
Nesigodlo siyodilika.*
**7** Kukhishwe umyalo:* Wembuliwe,
Uyathwalwa futhi izincekukazi zakhe ziyakhala;
Umsindo wazo unjengowamajuba njengoba zishaya amabele# azo.

ISAHL. 1
a Isay 14:25
b Isay 52:7; Rom 10:15
c Dut 16:16

ISAHL. 2
d Jer 25:9

Uhla 2
a 2Kh 17:6

**1:12** *Okuwukuthi, uJuda. **1:14** *Okuwukuthi, i-Asiriya. #Noma, "ezenziwe ngokuncibilikisiwe." △Noma, "ethempelini." **2:1** *Okuwukuthi, iNineve.

**2:6** *Noma, "siyoncibilika." **2:7** *Noma, "Kunqunyiwe." #NgesiHebheru, "izinhliziyo."

8 Kuzo zonke izinsuku zalo
iNineve[a] lalinjengechibi
lamanzi,
Kodwa manje bayabaleka.
“Yimani! Yimani!”
Kodwa akekho ophendu-
kayo.[b]
9 Phangani isiliva, phangani
igolide!
Ingcebo ayipheli.
Ligcwele zonke izinhlobo
zezinto eziyigugu.
10 Idolobha alinamuntu, liyi-
ncithakalo, libhujisiwe![c]
Izinhliziyo zabo ziyancibi-
lika ngenxa yokwesaba,
amadolo abo ayaxega, izi-
nqulu zabo ziyathuthu-
mela;
Bonke ubuso babo bupha-
phathekile.
11 Uphi umgede wamabhube-
si,[d] lapho amawundlu
amabhubesi edla
khona,
Lapho ibhubesi liphuma
khona lihola umntwana
walo,
Kungekho muntu owenza
esabe?
12 Ibhubesi ladwengulela ama-
wundlu alo izinyamazane
ezanele,
Labulalela amabhubesi alo
ensikazi.
Lagcina imigede yalo igcwe-
le izinyamazane,
Nezindawo zalo zigcwele izi-
lwane ezidwenguliwe.
13 “Bheka! Ngimelene nawe,”
kusho uJehova wamabu-
tho,[e]
“Izinqola zakhe zempi ngi-
yozishisa zingqongqe,[f]
Inkemba iyoshwabadela
amabhubesi akho ama-
ncane.
Ngiyoqeda izinyamazane za-
kho emhlabeni,
Umsindo wezithunywa za-
kho ngeke uphinde uzwa-
kale.”[a]

3 Maye ngedolobha lokuchi-
thwa kwegazi!
Ligcwele inkohliso noku-
phanga.
Akwenzeki lingabi nayo
inyamazane!
2 Ngizwa umsindo wesi-
swebhu nowokugedlezela
kwamasondo,
Ngibona nehhashi eligaba-
vulayo nenqola egijimayo.
3 Umuntu ogibele ihhashi,
inkemba ebanikayo nom-
khonto ocwebezelayo,
Abantu abaningi ababulewe
nenqwaba yezidumbu
—Baningi kakhulu abantu
abafile.
Abantu balokhu bekhu-
tshwa izidumbu.
4 Lokhu kungenxa yezenzo
eziningi zobufebe besi-
febe,
Isifebe esikhangayo nesihle,
inkakha kwezobuthakathi,
Esiyenga izizwe ngobufebe
baso nemindeni ngobutha-
kathi baso.
5 “Bheka! Ngimelene nawe,”*
kusho uJehova wamabu-
tho,[b]
“Ngiyokuphenya izingubo
ngizibeke ebusweni ba-
kho;
Ngenze izizwe zibone ubu-
nqunu bakho,
Nemibuso ibone ihlazo la-
kho.
6 Ngiyophonsa udoti kuwe,
Ngikwenze wenyanyeke;
Ngiyokwenza umbukwane.[c]
7 Wonke umuntu okubonayo
uyokubalekela[d] athi,
‘INineve lenziwe incitha-
kalo!

ISAHL. 2
a Gen 10:8, 11
b Zef 2:13
c Zef 2:15
d Jer 2:14, 15
Jer 50:17
e Isay 10:12
f Hu 46:9
Isay 37:24

Uhla 2
a 2Kh 18:17

ISAHL. 3
b Nah 2:13
c Zef 2:15
d Nah 2:8

3:5 * Okuwukuthi, iNineve.

Ubani ozozwelana nalo?'
Ngizokutholela kuphi abaduduzi?
8 Ungcono yini kuneNo-amoni*[a] elalingasemiseleni yeNayile?[b]
Lalizungezwe amanzi;
Umcebo walo kwakuwulwandle, udonga lwalo kwakuwulwandle.
9 Umthombo walo wamandla angapheli kwakuyiTopiya neGibhithe.
UPhuthi[c] nabaseLibhiya babengabasizi bakho.[d]
10 Kodwa ngisho nalo ladingiswa;
Laya ekuthunjweni.[e]
Abantwana balo nabo baphahlazwa baba izicucu kuwo wonke amakhona ezitaladi.
Benzela wonke amadoda alo ahlonishwayo inkatho,
Wonke amadoda alo avelele ayeboshwe ngamaketanga.
11 Nawe futhi uzodakwa;[f]
Uzohamba uyocasha.
Uzofuna isiphephelo esitheni.
12 Zonke izindawo zakho ezinezivikelo eziqinile zinjengezihlahla zomkhiwane ezinezithelo zokuqala ezivuthiwe;
Uma zinyakaziswa, amakhiwane azowela emlonyeni wabashwabadelayo.
13 Bheka! Amasosha akho anjengabesifazane abaphakathi kwakho.
Amasango ezwe lakho ayovuleka gengelezi evulekela izitha zakho.
Umlilo uyoshwabadela imigoqo yamasango akho.

3:8 *Okuwukuthi, iThebesi.

ISAHL. 3
a Jer 46:25
Hez 30:14
b Isay 19:6
c Gen 10:6
d 2Kr 16:8
Jer 46:8, 9
e Isay 20:4
f Hu 75:8
Jer 25:15

Uhla 2
a 2Kr 32:3, 4
b Zef 2:13
c Eks 10:14, 15
d Nah 2:8
e Zef 2:15
f Isay 10:5, 6
Isay 37:18

14 Yikha amanzi enizowaphuza lapho nivinjezelwe![a]
Qinisa izindawo zakho zokuzivikela.
Ngena phakathi odakeni, unyathele ubumba;
Bamba imfolomu yezitini.
15 Ngisho nalapho umlilo uyokushwabadela.
Inkemba iyokunquma.[b]
Iyokushwabadela njengoba kwenza izintethe ezisencane.[c]
Abantu bakho mababe baningi njengezintethe ezisencane!
Yebo, mababe baningi njengezintethe!
16 Wandise abathengisi bakho badlula izinkanyezi zamazulu.
Intethe esencane ihlubula isikhumba sayo indize.
17 Onogada bakho banjengentethe,
Nezikhulu zakho zinjengezintethe eziningi.
Zihlala ezindongeni zamatshe ngosuku olubandayo,
Kodwa lapho kuphuma ilanga, ziyandiza;
Akekho owaziyo ukuthi zikuphi.
18 Abelusi bakho bayozela nkosi yase-Asiriya;
Izicukuthwane zakho zihlala ezindaweni zazo.
Abantu bakho bahlakazekele ezintabeni,
Akekho obaqoqela ndawonye.[d]
19 Alukho usizo oyoluthola enhlekeleleni yakho.
Inxeba lakho alelapheki.
Bonke abezwa umbiko ngawe bayoshaya ihlombe;[e]
Ngoba ubani ongazange ahlushwe unya lwakho olungapheli?"[f]

# UHABAKUKI

## UHLU LOKUPHAKATHI

1 Umprofethi ucela usizo (1-4)
- "O Jehova, kuyoze kube nini?" (2)
- "Kungani ubekezelela ukucindezela?" (3)

AmaKhaledi, ithuluzi likaNkulunkulu lokwahlulela (5-11)

Umprofethi uncenga uJehova (12-17)
- 'Nkulunkulu wami, wena awufi' (12)
- 'Uhlanzeke kakhulu ukuthi ungabheka okubi' (13)

2 "Ngizoqapha ukuze ngibone ukuthi yini azoyikhuluma" (1)

UJehova uphendula umprofethi (2-20)
- 'Hlala ulindele umbono' (3)
- Olungile uyophila ngokwethembeka (4)
- Omaye abahlanu kumaKhaledi (6-20)
  - Ulwazi ngoJehova luyogcwala umhlaba (14)

3 Umprofethi ucela uJehova ukuba athathe isinyathelo (1-19)
- UNkulunkulu uyosindisa abantu bakhe abagcotshiwe (13)
- Ukujabula ngoJehova naphezu kokucindezeleka (17, 18)

1 Isimemezelo uHabakuki* umprofethi asibona embonweni:

2 O Jehova, kuyoze kube nini
ngikhala ngicela usizo kodwa ungezwa?[a]
Kuyoze kube nini ngicela
ukusindiswa ebudloveni,
kodwa ungangisizi?*[b]
3 Kungani ungenza ngibone
izenzo ezimbi?
Kungani ubekezelela ukucindezela?
Kungani phambi kwami kukhona ukucekela phansi
nobudlova?
Kungani kugcwele izingxabano nombango?
4 Ngakho umthetho awusasebenzi,
Nobulungisa abusenziwa
nhlobo.
Ngoba omubi ucindezela
olungile;
Yingakho ubulungisa buhlanekezelwe.[c]

5 "Bhekani phakathi kwezizwe, ninake!
Bukani nimangele futhi nishaqeke;
Ngoba kukhona okuzokwenzeka ezinsukwini zenu
Eningeke nikukholwe ngisho noma nixoxelwa ngakho.[a]
6 Ngoba ngivusa
amaKhaledi,[b]
Isizwe esinonya nesinamawala.
Esikhukhula ezindaweni
ezivulekile zomhlaba
Ukuze sithathe imizi okungeyona eyaso.[c]
7 Siyethusa futhi siyesabeka.
Sizimisela owaso umthetho
negunya.*[d]
8 Amahhashi aso anejubane
ngaphezu kwezingwe,
Anolaka ngaphezu kwezimpisi ebusuku.[e]
Amahhashi aso ayagabavula;
Amahhashi aso avela kude.

1:1 *Cishe kusho "Ukwamukela Ngentshiseko." 1:2 *Noma, "ungangeneli." 1:7 *Noma, "nesithunzi."

ISAHL. 1
a Hu 13:1
b Hu 22:1; Hu 74:10; IsA 6:10
c Job 12:6; Hu 12:8; Shu 8:11; Isay 1:21; IzE 7:52, 53

Uhla 2
a Isay 28:21; Isay 29:14; IsiL 4:11, 12; IzE 13:40, 41
b Jer 22:7; Jer 46:2
c Dut 28:49-51; Jer 5:15-17; Jer 6:22, 23; Hez 23:22, 23
d Jer 39:5-7; Dan 5:18, 19
e Jer 5:6

Eza egijima njengokhozi luphuthuma ukuyodla.[a]
9 Siza nalo lonke ibutho laso ngenjongo yobudlova.[b]
Ukuhlangana kobuso baso kunjengomoya wasempumalanga,[c]
Sibutha izithunjwa njengesihlabathi.
10 Siklolodela amakhosi
Sihleka izikhulu eziphakeme.[d]
Sihleka ngisho nazo zonke izindawo ezinezivikelo eziqinile;[e]
Sinqwabelanisa indunduma yenhlabathi ukuze sigibele odongeni.
11 Siya phambili njengomoya, sidlule,
Kodwa siyoba necala,[f]
Ngoba sithi amandla aso siwathola kunkulunkulu waso."*[g]
12 Awuyena yini owaphakade Jehova?[h]
O Nkulunkulu wami, oNgcwele wami, wena awufi.*[i]
O Jehova, usimisele ukuba sikhiphe isahlulelo sakho;
Dwala lami,[j] usimisele ukujezisa[#] ngaso.[k]
13 Amehlo akho ahlanzeke kakhulu ukuba angabheka okubi,
Awukwazi ukubekezelela ububi.[l]
Pho kungani ubekezelela abakhohlisayo[m]
Kungani uthula lapho umuntu omubi egwinya umuntu olunge ngaphezu kwakhe?[n]
14 Kungani wenza abantu babe njengezinhlanzi zasolwandle,
Njengezilwane zasolwandle ezingenambusi?
15 Zonke uzikhipha* ngodobo.
Uzibamba ngenethi lakhe,
Uziqoqela enethini lakhe lokudoba.
Yingakho ejabule kangaka.[a]
16 Yingakho enikelela inethi lakhe imihlatshelo
Enzela* inethi lakhe lokudoba imihlatshelo;
Ngoba ngenxa yamanethi isabelo sakhe sicebile,[#]
Nokudla kwakhe okwekhethelo.
17 Ingabe uyoqhubeka ethulula inethi lakhe?*
Ingabe uyolokhu ebulala izizwe engabonisi bubele?[b]

**2** Ngizoqhubeka ngimile endaweni yami yokuqapha,[c]
Ngizoma phezu kodonga lokuvikela.
Ngizoqapha ukuze ngibone ukuthi yini azoyikhuluma esebenzisa mina
Nokuthi ngizophendula ngithini lapho ngikhuzwa.
2 UJehova wangiphendula wathi:
"Wubhale phansi umbono, uwuqophe ngokucacile ematsheni ayizicaba,[d]
Ukuze owufunda ngokuzwakalayo awufunde kalula.*[e]
3 Ngoba umbono uzogcwaliseka ngesikhathi esimisiwe,
Leso sikhathi sizofika ngo-

---

**1:11** *Noma kungaba, "amandla aso ngunkulunkulu waso." **1:12** *Noma kungaba, "ngeke sife." #Noma, "ukuyala."

**1:15** *Okuwukuthi, umKhaledi oyisitha. **1:16** *Noma, "Eshunqisela." #NgesiHebheru, "sinamafutha." **1:17** *Noma kungaba, "uyolokhu ehosha inkemba yakhe?" **2:2** *Noma, "ngokushelelayo."

---

ISAHL. 1
a Jer 4:13; IsiL 4:19; Hez 17:3
b Jer 25:9
c Isay 27:8; Hez 17:10
d 2Kh 24:12
e Jer 32:24; Jer 52:7
f Isay 47:5, 6; Jer 51:24; Zak 1:15
g Dan 5:1, 4
h Hu 90:2; Hu 93:2; IsA 1:8
i 1Ti 1:17; IsA 15:3
j Dut 32:4
k Jer 30:11
l Hu 5:4, 5
m Jer 12:1
n Hu 35:21, 22

Uhla 2
a Jer 50:11
b 2Kr 36:17; Nah 3:7

ISAHL. 2
c Isay 21:8; Mik 7:7
d Eks 17:14
e Dut 31:9, 11

kushesha, ngeke uqambe amanga.
Ngisho noma ungase ulibale,* hlala uwulindele!#[a]
Ngoba nakanjani uzogcwaliseka.
Ngeke wephuze!
4 Bheka lowo oziphakamisayo;
Akekho qotho.
Kodwa olungile uyophila ngenxa yokwethembeka kwakhe.*[b]
5 Impela, ngenxa yokuthi iwayini liyakhohlisa,
Indoda eqhoshayo ngeke iwufinyelele umgomo wayo.
Isifiso sayo asaneliseki njengeThuna;*
Ayaneliseki njengokufa.
Iqhubeka iqoqa zonke izizwe
Iqoqela kuyo bonke abantu.[c]
6 Ngeke yini bonke laba basho isaga, amazwi agudliselayo neziphicaphicwano?[d]
Bayothi:
'Maye kulowo oqongelela okungekona okwakhe
—Kuyoze kube nini?—
Nakulowo ozandisela isikweletu!
7 Ngeke yini labo obakweletayo bavumbuke kungalindelekile?
Bayophaphama bakudlikize,
Uyoba yinto yokuphangwa.[e]
8 Ngenxa yokuthi waphanga izizwe eziningi,
Zonke ezinye izizwe ziyokuphanga,[a]
Ngenxa yokuchitha kwakho igazi labantu
Nobudlova bakho emhlabeni,
Emadolobheni nakubo bonke abahlala kuwo.[b]
9 Maye kulowo otholela indlu yakhe inzuzo embi,
Ukuze abeke isidleke sakhe endaweni ephakeme,
Ukuze abalekele inhlekelele!
10 Ucebe ukulethela indlu yakho ihlazo.
Ngokuqothula izizwe eziningi uzilethele isono.[c]
11 Itshe liyokhala lisodongeni,
Nogodo luyoliphendula lusophahleni lwamapulangwe.
12 Maye kulowo owakha idolobha ngokuchitha igazi,
Omisa idolobhana ngokungalungi!
13 Bheka! Akuveli yini ku-Jehova wamabutho ukuthi izizwe ziyosebenza kanzima ukuze zikhwezele umlilo,
Nokuthi izizwe zikhandlekela ubala?[d]
14 Ngoba umhlaba uyogcwala ulwazi ngenkazimulo ka-Jehova
Njengoba amanzi egcwele ulwandle.[e]
15 Maye kulowo onika abangani bakhe okuphuzwayo,
Ekuxuba nolaka nentukuthelo, ukuze abenze badakwe,
Ngenjongo yokubuka ubunqunu babo!
16 Uyosutha ihlazo esikhundleni senkazimulo.
Nawe futhi—phuza bese ukuveza obala ukungasoki kwakho.*

**ISAHL. 2**
a Mik 7:7
b Joh 3:36; Rom 1:17; Gal 3:11; Heb 10:38
c Isay 14:16, 17
d Isay 14:4
e Jer 51:11

**Uhla 2**
a Isay 13:19; Jer 27:6, 7; Zak 2:7-9
b 2Kr 36:17; Hu 137:8
c Isay 14:20
d Jer 51:58
e Hu 72:19; Isay 11:9; Zak 14:9

**2:3** *Noma, "kubonakala sengathi uyalibala." #Noma, "ulindele ngokulangazela." **2:4** *Noma kungaba, "ngokholo lwakhe; ngenkolelo yakhe." **2:5** *Noma, "njengeShiyoli," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**2:16** *Noma, "bese uyadiyazela."

Indebe esesandleni sokudla sikaJehova iyofika nakuwe,[a]
Ihlazo liyomboza inkazimulo yakho;
17 Ngoba uyombozwa ubudlova obenziwe eLebhanoni,
Nokubhubhisa okwethuse izilwane kuyokufikela,
Ngenxa yokuchitha igazi labantu
Nobudlova obenza emhlabeni,
Emadolobheni nakulabo abahlala kuwo.[b]
18 Sinanzuzoni isithombe esibaziwe,
Lapho umenzi waso esesibazile?
Sinanzuzoni isithombe sensimbi,* nofundisa amanga,
Ngisho noma umenzi waso ethembele kuso,
Enza onkulunkulu abangasizi ngalutho abangakhulumi?[c]
19 Maye kulowo othi okhunini: "Phaphama!"
Noma othi etsheni elingakhulumi: "Vuka! Sifundise!"
Bheka! Sinamekwe ngegolide nangesiliva,[d]
Awukho nakancane umoya kuso.[e]
20 Kodwa uJehova usethempelini lakhe elingcwele.[f]
Thula phambi kwakhe, mhlaba wonke!' "[g]

**3** Umthandazo kaHabakuki umprofethi, oyingoma yokulila:

2 O Jehova, ngiwuzwile umbiko ngawe.
O Jehova, uyamangalisa umsebenzi wakho.
Kwangathi ungawenza uphile phakathi neminyaka!*
Kwangathi ungawenza waziwe phakathi neminyaka.#
Kwangathi ungakhumbula ukubonisa isihe ngesikhathi seziyaluyalu.[a]
3 UNkulunkulu wavela eThemani,
ONgcwele wavela eNtabeni iPharanu.[b] (*Sela*)*
Isithunzi sakhe samboza amazulu;[c]
Umhlaba wagcwala udumo lwakhe.
4 Ukukhazimula kwakhe kwakunjengokukhanya.[d]
Imisebe emibili yayiphuma esandleni sakhe,
Lapho amandla akhe ayecashe khona.
5 Isifo esiwumshayabhuqe sasiphambi kwakhe,[e]
Nomkhuhlane onzima wawulandela ezinyaweni zakhe.
6 Wama, wanyakazisa umhlaba.[f]
Ngokubuka nje, wabangela izizwe ukuba ziqhashe.[g]
Izintaba zaphakade zaphihlizwa,
Amagquma asendulo akhothama.[h]
Izindlela zakudala zingezakhe.
7 Ngabona inkinga ematendeni aseKushani.
Izindwangu zamatende zezwe lakwaMidiyani zavevezela.[i]
8 Ingabe ivuthela imifula Jehova,

---

2:18 *Noma, "esenziwe ngokuncibilikisiwe."

3:2 *Noma kungaba, "uphile esikhathini sethu." #Noma kungaba, "waziwe esikhathini sethu." 3:3 *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

---

ISAHL. 2
a Hu 75:8; Isay 51:22, 23; Jer 25:28; Jer 51:57
b Hu 137:8; Jer 50:28; Jer 51:24
c Isay 42:17; Isay 44:19, 20; Isay 45:20
d Isay 40:19; Isay 46:6
e Jer 51:17
f Isay 6:1
g Hu 76:8; Hu 115:3; Zak 2:13

Uhla 2

ISAHL. 3
a IsiL 3:32
b Dut 33:2; Hlu 5:4; Hu 68:7, 8
c Eks 19:16
d Eks 13:21
e Num 14:11, 12; Num 16:46; Num 25:1, 9
f Isay 13:13; Hag 2:21
g Eks 14:25; Eks 23:27
h Hu 114:1, 4; Nah 1:5
i Eks 15:14, 15; Num 22:3, 4

Ingabe intukuthelo yakho
ivuthela imifula?
Noma ingabe ulaka lwakho
lumelene nolwandle?[a]
Ngoba wagibela amahhashi
akho;[b]
Izinqola zakho zazinqoba.*[c]
9 Usuwukhiphile umnsalo
wakho, usulungele ukuciba.
Izinduku* zilungele ukwenza umsebenzi wazo ngokwesifungo.# (*Sela*)
Waqhekeza umhlaba ngemifula.
10 Izintaba zakubona zaba sezinhlungwini ezinzima.[d]
Imvula yakhukhula.
Ekujuleni, amanzi abhonga
ngezwi lawo.[e]
Aphakamisela izandla zawo
phezulu.
11 Ilanga nenyanga kwama
endaweni yako ephakeme.[f]
Imicibisholo yakho yaphuma njengokukhanya.[g]
Umbani womkhonto wakho
wakhanya.
12 Wadabula emhlabeni ngolaka.
Wanyathela* izizwe uthukuthele.
13 Waphuma ukuze usindise
abantu bakho, ukuze usindise ogcotshiwe wakho.
Waphihliza umholi wendlu*
yomubi.
Yembuleka kusukela esisekelweni kuze kufike phezulu.# (*Sela*)
14 Wagwaza ikhanda lamaqhawe akhe ngezikhali*
zakhe
Lapho ephuma njengesiphepho ezongihlakaza.
Babekujabulela kakhulu
ukushwabadela ohluphekile ngasese.
15 Wahamba wadabula ulwandle ngamahhashi akho,
Wadabula amanzi amaningi
agubhayo.
16 Ngezwa futhi ngathuthumela;*
Izindebe zami zavevezela
lapho ngizwa umsindo.
Amathambo ami abola;[a]
Imilenze yami yayiqhaqhazela.
Kodwa ngilulindele buthule
usuku losizi,[b]
Ngoba luzofikela abantu
abasihlaselayo.
17 Nakuba isihlahla somkhiwane singase singaqhakazi,
Kungabi nazithelo ezihlahleni zamagilebhisi;
Nakuba isihlahla somnqumo singase singatheli,
Namasimu engase angakhiqizi kudla;
Nakuba umhlambi wezimvu
nezimbuzi ungase uphele
esibayeni,
Kungabi nazinkomo ezibayeni;
18 Kodwa mina ngiyothokoza
ngoJehova;
Ngiyojabula ngoNkulunkulu wensindiso yami.[c]
19 INkosi EnguMbusi uJehova
ingamandla ami;[d]
Iyokwenza izinyawo zami
zibe njengezenyamazane
Ingenze ngihambe ezindaweni eziphakeme.[e]

Kumqondisi;
ngezinsimbi zami zomculo
ezinezintambo.

ISAHL. 3
a Hu 114:1, 3 Isay 50:2 Nah 1:4
b Dut 33:26
c Hu 68:17
d Eks 19:18 Hu 114:1, 4
e Hu 77:16
f Jos 10:12
g Hu 77:17, 18

Uhla 2
a Hu 119:120 Jer 23:9 Dan 8:27
b Hu 42:5 Isay 26:20 IsiL 3:26
c Eks 15:2 1Sa 2:1 Hu 18:2 Hu 27:1 Isay 61:10
d Isay 12:2 Flp 4:13
e 2Sa 22:34

**3:8** *Noma, “zaziyinsindiso.” **3:9** *Noma kungaba, “Imicibisholo.” #Noma kungaba, “Kushiwo izifungo zezizwe.” **3:12** *NgesiHebheru, “Wabhula.” **3:13** *NgesiHebheru, “inhloko yendlu.” #NgesiHebheru, “entanyeni.” **3:14** *NgesiHebheru, “ngezinduku.”

**3:16** *NgesiHebheru, “isisu sami sathuthumela.”

# UZEFANIYA

**UHLU LOKUPHAKATHI**


1 Usuku lukaJehova lokwahlulela luseduze (1-18)
Usuku lukaJehova lushesha kakhulu (14)
Isiliva negolide ngeke kukwazi ukusindisa (18)

2 Funani uJehova ngaphambi kosuku lwakhe lwentukuthelo (1-3)
Funani ukulunga nobumnene (3)
"Mhlawumbe niyovikelwa" (3)
Isahlulelo ezizweni eziseduze (4-15)

3 IJerusalema, idolobha elidlubulundayo nelonakele (1-7)
Ukwahlulelwa nokubuyiselwa (8-20)
Ukushintshela olimini oluhlanzekile (9)
Abantu abathobekile nabaphansi bazosindiswa (12)
UJehova uyothokoza ngeZiyoni (17)


**1** Leli yizwi likaJehova ela-
fika kuZefaniya* indodana
kaKushi indodana kaGedaliya
indodana ka-Amariya indoda-
na kaHezekiya ezinsukwini zi-
kaJosiya[a] indodana ka-Amoni[b]
inkosi yakwaJuda:

**2** "Ngizokuqeda konke oku-
phezu komhlaba," kusho
uJehova.[c]

**3** "Ngizoqeda umuntu kanye
nesilwane.
Ngizoqeda izinyoni zamazu-
lu nezinhlanzi zolwandle,[d]
Nezikhubekiso*[e] kanye na-
babi;
Ngizosusa abantu phezu
komhlaba," kusho uJe-
hova.

**4** "Ngizokwelula isandla sami
ngimelane noJuda
Ngimelane nabo bonke aba-
khile eJerusalema,
Ngizosusa zonke izinsalela*
zikaBhali[f] kule ndawo,
Igama lababapristi bonku-
lunkulu bezinye izizwe
kanye nabapristi bama-
nga,[a]

**5** Nalabo abakhothamela ibu-
tho lasemazulwini bephe-
zu kophahla lwezindlu,[b]
Nalabo abakhothamayo, ba-
funge ukuthi bazoba qo-
tho kuJehova[c]
Bebe befunga ukuthi ba-
zoba qotho nakuMal-
kamu;[d]

**6** Nalabo abayekayo ukula-
ndela uJehova[e]
Abangamfuni uJehova
noma abangabuzi kuye."[f]

**7** Thula phambi kweNkosi
EnguMbusi uJehova, ngo-
ba usuku lukaJehova lu-
seduze.[g]
UJehova ulungiselele um-
hlatshelo; ubangcwelisile
labo abamemile.

**8** "Ngosuku lomhlatshelo ka-
Jehova ngiyojezisa izi-
khulu,
Amadodana enkosi[h] nabo
bonke abagqoka izingubo
zezinye izizwe.

---

**1:1** *Incazelo: "UJehova Uthukusile (Uqongelele)." **1:3** *Ngokusobala, izinto noma imisebenzi ehlobene nokukhonza izithixo. **1:4** *Noma, "umkhondo."

**ISAHL. 1**
a 2Kh 22:1, 2; Jer 1:2
b 2Kh 21:18-20
c 2Kh 22:16; Isay 6:11; Jer 6:8
d Jer 4:25
e Hez 14:3
f Num 25:3; Hlu 2:11, 13; 2Kr 28:1, 2; Jer 11:17

**Uhla 2**
a 2Kh 23:5
b 2Kr 33:1, 3; Jer 19:13
c Isay 48:1
d Jos 23:6, 7; 1Kh 11:33; Jer 49:1
e Isay 1:4; Jer 2:13
f Isay 43:22
g Jow 2:1; 2Pe 3:10
h 2Kh 25:7; Jer 39:6

9 Ngalolo suku ngiyojezisa
wonke umuntu ogibela
esiteji,*
Labo abagcwalisa indlu ya-
makhosi abo ngodlame
nangenkohliso.
10 Ngalolo suku,” kusho uJe-
hova,
“Kuyoba khona umsindo
wokukhala eSangweni
Lezinhlanzi,[a]
Nesililo eNgxenyeni Entsha
yedolobha,[b]
Nokuphahlazeka okukhulu
emagqumeni.
11 Lilani nina zakhamuzi zase-
Makiteshi,*
Ngoba bonke abahwebi# ba-
bulewe;△
Bonke labo abakala isiliva
babhujisiwe.
12 Ngaleso sikhathi ngiyoli-
hlola ngokucophelela iJe-
rusalema ngezibani,
Ngiyojezisa labo abazithele
ngabandayo,* abathi
enhliziyweni yabo,
‘UJehova ngeke akwenze
okuhle futhi ngeke akwe-
nze okubi.’[c]
13 Umcebo wabo uyophangwa
nezindlu zabo ziyoceke-
lwa phansi.[d]
Bayokwakha izindlu kodwa
ngeke bahlale kuzo;
Bayotshala amasimu ama-
gilebhisi kodwa ngeke ba-
liphuze iwayini lawo.[e]
14 Usuku olukhulu lukaJeho-
va luseduze![f]
Luseduze, lusondela ngoku-
shesha!*[g]
Umsindo wosuku lukaJeho-
va uyesabisa.[a]
Iqhawe liyakhala khona.[b]
15 Lolo suku luwusuku
lolaka,[c]
Usuku lokucindezeleka no-
sizi,[d]
Usuku lwesiphepho nenci-
thakalo,
Usuku lobumnyama nesiga-
yegaye,[e]
Usuku lwamafu nobumnya-
ma obukhulu,[f]
16 Usuku lophondo nolwe-
nhlabamkhosi,[g]
Ngokumelene namadolobha
anezivikelo eziqinile ne-
mibhoshongo ephakeme
esemakhoneni.[h]
17 Ngiyobangela abantu uku-
ba bacindezeleke,
Bayohamba njengezimpu-
mputhe,[i]
Ngoba bonile kuJehova.[j]
Igazi labo liyothululwa nje-
ngothuli,
Nenyama yabo* njengobu-
longwe.[k]
18 Isiliva labo negolide labo
ngeke likwazi ukubasindi-
sa ngosuku lolaka lukaJe-
hova;[l]
Ngoba wonke umhlaba uyo-
shwabadelwa umlilo we-
ntshiseko yakhe,[m]
Uyoqothula bonke abahlala
emhlabeni ngendlela eye-
sabeka kakhulu.”[n]

2 Buthanani ndawonye, yebo,
buthanani,[o]
Sizwe esingenamahloni.[p]
2 Ngaphambi kokuba isinqu-
mo sifezeke,
Ngaphambi kokuba usuku
ludlule njengamakhoba
apheshulwa umoya,

**1:9** *Noma, “esitubhini.” Mhlawumbe isiteji sesihlalo sobukhosi. **1:11** *Cishe kushiwo ingxenye yeJerusalema engaseSangweni Lezinhlanzi. #Noma, “abathengisi.” △NgesiHebheru, “bathulisiwe.” **1:12** *NgesiHebheru, “abajiyayo enhleseni yabo,” njengasembizeni yewayini. **1:14** *Noma, “lushesha kakhulu.”

**1:17** *NgesiHebheru, “Namathumbu abo.”

ISAHL. 1
a 2Kr 33:1, 14; Neh 3:3; Neh 12:38, 39
b 2Kr 34:22
c Hu 10:13; Hu 14:1
d Isay 6:11
e Dut 28:30; Jer 5:17
f Jow 2:1
g Hab 2:3

Uhla 2
a Isay 66:6
b Isay 33:7; Jow 1:15
c IsA 6:17
d Jer 30:7
e Amo 5:18, 20; IzE 2:20
f Jow 2:2
g Jer 4:19
h Isay 2:12, 15
i Dut 28:28, 29; Isay 59:9, 10
j Isay 24:5; Dan 9:5, 8
k Hu 79:2, 3; Jer 9:22; Jer 16:4
l IzA 11:4; Isay 2:20; Hez 7:19
m Dut 32:22; Jer 7:20
n Jer 4:27

ISAHL. 2
o Jow 1:14; Jow 2:15, 16
p Isay 1:4; Jer 6:15

Lungakafiki phezu kwenu
ulaka lukaJehova,[a]
Lungakafiki phezu kwenu
usuku lwentukuthelo ka-
Jehova,
3 Funani uJehova[b] nonke
nina abamnene* bo-
mhlaba,
Enenza ngokuvumelana ne-
sinqumo sakhe sokulu-
nga.#
Funani ukulunga, funani
ubumnene.△
Mhlawumbe⊠ niyovikelwa
ngosuku lwentukuthelo
kaJehova.[c]
4 Ngoba iGaza liyoba idolo-
bha elishiyiwe;
I-Ashikeloni liyoba yinci-
thakalo.[d]
I-Ashidodi liyoxoshwa emi-
ni bebade,
I-Ekroni liyosishulwa.[e]
5 "Maye kulabo abahlala nga-
sogwini lolwandle, isizwe
samaKhereti![f]
Izwi likaJehova limelene
nani.
O Khanani, lizwe lamaFili-
sti, ngizokubhubhisa,
Kuze kungasali muntu ohla-
la kuwe.
6 Ugu lolwandle luyoba nga-
madlelo,
Lube nemithombo yabelusi
nezibaya zamatshe zezi-
mvu.
7 Luyoba yisifunda sabasele
bendlu kaJuda;[g]
Bayoklaba kuso.
Ebusuku bayolala ezindlini
zase-Ashikeloni.
Ngoba uJehova uNkulunku-
lu wabo uyobanaka,*
Abuthe abantu babo aba-
thunjiwe ababuyise."[a]
8 "Ngikuzwile ukuhlambala-
za kukaMowabi[b] nenhla-
mba yabakwa-Amoni,[c]
Abaklolodele isizwe sami,
ngokuzikhukhumeza ba-
songela ukuthatha inda-
wo yaso.[d]
9 Ngakho-ke ngiyafunga," ku-
sho uJehova wamabutho,
uNkulunkulu ka-Israyeli,
"UMowabi uyoba njengeSo-
doma,[e]
Abakwa-Amoni babe nje-
ngeGomora,[f]
Indawo yezimbabazane,
umgodi kasawoti nehlane
eliyincithakalo.[g]
Izinto zabo ziyothathwa
abantu bami abasele,
Abasele esizweni sami ba-
yobaphuca izinto zabo.
10 Yilokhu abazoba nakho esi-
khundleni sokuziqhenya
kwabo,[h]
Ngoba baklolodele abantu
bakaJehova wamabutho,
baziphakamisa.
11 UJehova uyokwesabeka*
kubo;
Ngoba uyoqeda# bonke
onkulunkulu basemhla-
beni,
Zonke iziqhingi zezizwe zi-
yomkhothamela,△[i]
Yileso naleso sisendaweni
yaso.
12 Nina maTopiya, nani niyo-
bulawa yinkemba yami.[j]
13 Uyokwelulela isandla sakhe
ngasenyakatho, abhubhi-
se i-Asiriya,
Uyokwenza iNineve libe yi-
ncithakalo,[k] lome njengo-
gwadule.

**2:3** *Noma, "abathobekile." #NgesiHeberu, "nesahlulelo sakhe." △Noma, "ukuthobeka." ⊠Noma, "Kungenzeka."
**2:7** *Noma, "uyobanakekela."
**2:11** *Noma, "uyomangalisa." #Noma, "uyobazacisa." △Noma, "ziyomkhonza."

**ISAHL. 2**
a 2Kh 23:26 2Kr 36:16, 17 Jer 23:20 IsiL 4:11
b Isay 55:6 Amo 5:6
c Gen 7:13, 16 Isay 26:20 Jow 2:12, 14 Amo 5:15
d Jer 47:5
e Jer 25:17, 20 Amo 1:6-8 Zak 9:5, 6
f Hez 25:16, 17
g Isay 11:11 Jer 31:7 Hag 1:12

**Uhla 2**
a Hu 126:1 Jer 23:3 Hez 39:25 Amo 9:14 Mik 2:12 Mik 4:10 Zef 3:20
b Jer 48:26, 27 Hez 25:8, 9
c Jer 49:1 Hez 25:3
d Hu 83:2, 4
e Hez 25:11 Amo 2:1, 2
f Gen 19:24, 25
g Amo 1:13-15 Jud 7
h Isay 16:6 Jer 48:29
i Hu 22:27 Mal 1:11
j Isay 43:3 Hez 30:4, 5
k Nah 3:7

14 Imihlambi iyolala phakathi kwalo, zonke izinhlobo zezilwane zasendle.*
Ivuba nengungumbane kuyolala phakathi kwezihloko zezinsika zalo.
Kuyozwakala umsindo wezinyoni zicula efasiteleni.#
Izitubhu ziyoba incithakalo;
Ngoba uyokwembula amapulangwe omsedari.
15 Leli yidolobha eliqhoshayo elalihleli ngokulondeka,
Elalithi enhliziyweni yalo, 'Yimi yimi, akekho omunye.'
Yeka ukuthi seliyinto eshaqisa kanjani,
Seliyindawo yokulala izilwane zasendle!
Wonke umuntu odlula ngakulo uyoshaya ikhwela anikine ikhanda."[a]

3 Maye kulo idolobha elidlubulundayo, elingcolile nelicindezelayo![b]
2 Alilalelanga zwi;[c] alisamukelanga isiyalo.[d]
Alithembelanga kuJehova;[e] alisondelanga kuNkulunkulu walo.[f]
3 Izikhulu zalo phakathi kwalo zingamabhubesi abhongayo.[g]
Abahluleli balo bayizimpisi ebusuku;
Abashiyi ngisho nethambo abangaliququda kuze kube sekuseni.
4 Abaprofethi balo bayeyisa, bayakhohlisa.[h]
Abapristi balo bangcolisa okungcwele;[i]
Bayawephula umthetho.[j]

**2:14** *NgesiHebheru, "zonke izilwane zasendle zesizwe." #Noma mhlawumbe umsindo womoya efasiteleni noma wezilwane zasendle.

5 UJehova ulungile phakathi kwalo;[a] akakwenzi okubi.
Njalo ekuseni wenza izahlulelo zakhe zaziwe,[b]
Aziphuthi njengemini.
Kodwa ongalungile akalazi ihlazo.[c]
6 "Ngabhubhisa izizwe; imibhoshongo yazo esemakhoneni yasala iyincithakalo.
Ngacekela phansi imigwaqo yazo, kwangaba namuntu odlula kuyo.
Amadolobha azo asala engamanxiwa, engenamuntu, engahlali muntu.[d]
7 Ngathi, 'Ngokuqinisekile uzongesaba wamukele isiyalo,'*[e]
Ukuze lingabhuqwa#[f]
—Kufanele ngilijezise△ ngenxa yazo zonke lezi zinto.
Kodwa bonke babeshesha ukwenza ngokukhohlakala.[g]
8 'Ngakho hlalani ningilindele,'*[h] kusho uJehova,
'Kuze kube usuku engivuka ngalo ukuze ngiphange impango,#
Ngoba isinqumo sami sokwahlulela siwukuqoqela izizwe ndawonye, ukuhlanganisa imibuso,
Ukuze ngithululele phezu kwayo ulaka lwami, yonke intukuthelo yami evuthayo;[i]
Ngoba wonke umhlaba uyoshwabadelwa umlilo wentshiseko yami.[j]
9 Ngaleso sikhathi ngiyokwenza izizwe ukuba zishintshele olimini oluhlanzekile,

**3:7** *Noma, "uvume ukulungiswa." #NgesiHebheru, "indawo yalo yokuhlala ingabhujiswa." △Noma, "lilandise."
**3:8** *Noma, "ningilinde ngesineke." #Noma kungaba, "ukuze ngibe ufakazi."

ISAHL. 2
a Nah 3:1, 19

ISAHL. 3
b Isay 5:7; Jer 6:6
c Jer 22:21; Jer 32:23
d Hu 50:17; Isay 1:5; Jer 5:3
e Hu 78:22; Jer 17:5
f Isay 29:13
g Isay 1:23; Hez 22:27
h IsiL 2:14
i Jer 23:11
j Hez 22:25, 26; Mik 3:9

Uhla 2
a Dut 32:4
b Jer 21:12
c Jer 3:3; Jer 8:12; Zef 2:1
d Lev 18:28
e Isay 5:3, 4; Isay 63:8; 2Pe 3:9
f Jer 7:5-7; Jer 25:5, 6
g Mik 2:1
h Hu 37:34; Hu 130:7; Isay 30:18
i Isay 34:2; Jow 3:2; IsA 16:14; IsA 19:19
j Hez 36:5

Ukuze zonke zibize igama
likaJehova,
Ukuze zimkhonze ngobu-
nye.'*[a]
10 Abangincengayo, okungu-
kuthi, indodakazi yaba-
hlakazekile bami,
Bayoletha isipho kimi besu-
ka esifundeni semifula ya-
seTopiya.[b]
11 Ngalolo suku ngeke uhla-
zeke
Ngazo zonke izenzo zakho
ongivukele ngazo,[c]
Ngoba ngaleso sikhathi ngi-
yosusa abaqhoshayo pha-
kathi kwakho;
Ngeke uphinde uzikhu-
khumeze entabeni yami
engcwele.[d]
12 Ngiyovumela ukuba kusale
phakathi kwakho abantu
abathobekile
nabaphansi,[e]
Bayophephela egameni li-
kaJehova.
13 Labo abasele bakwa-Israye-
li[f] ngeke bakwenze uku-
ngalungi;[g]
Ngeke baqambe amanga,
nolimi olukhohlisayo nge-
ke lutholakale emilonyeni
yabo;
Bayodla* balale, akukho
muntu oyobenza
besabe."[h]
14 Memeza ngenjabulo ndoda-
kazi yaseZiyoni!
Memeza ngokwenama Isra-
yeli![i]
Jabula uthokoze ngayo yo-
nke inhliziyo yakho, ndo-
dakazi yaseJerusalema![j]
15 UJehova uzisusile izahlule-
lo ngokumelene nawe.[k]
Usixoshile isitha sakho.[l]
INkosi ka-Israyeli, uJehova,
iphakathi kwakho.[m]
Ngeke usayesaba inhleke-
lele.[a]
16 Ngalolo suku kuyothiwa
eJerusalema:
"Ungesabi Ziyoni.[b]
Ungapheli amandla.*
17 UJehova uNkulunkulu wa-
kho uphakathi kwakho.[c]
NjengoNamandla, uyosi-
ndisa.
Uyothokoza ngawe ngento-
kozo enkulu.[d]
Uyokwaneliseka ngenxa yo-
thando akuthanda ngalo.*
Uyojabula ngawe amemeze
ngenjabulo.
18 Ngiyobabuthela ndawonye
labo abasosizini ngenxa
yokuthi babengekho emi-
khosini yakho;[e]
Babengekho kuwe, ngoba
babethwele ihlazo lalo.[f]
19 Ngaleso sikhathi ngiyoba-
thathela isinyathelo bo-
nke abakucindezelayo;[g]
Ngiyomsindisa oxhugayo,[h]
Ngizobaqoqela ndawonye
abahlakazekile.[i]
Ngiyobenza badunyiswe,
bathole udumo*
Kuwo wonke amazwe aba-
behlazeka kuwo.
20 Ngaleso sikhathi ngizonibu-
yisa ekhaya,
Ngaleso sikhathi ngiyoni-
qoqela ndawonye.
Ngoba ngizonenza nithole
udumo* futhi nidunyiswe[j]
kuzo zonke izizwe zom-
hlaba,
Lapho ngibutha bonke aba-
thunjiwe benu ngibabuyi-
sa phambi kwenu," kusho
uJehova.[k]

ISAHL. 3
a Zak 8:23
b Isay 60:4
c Isay 45:17; Isay 54:4
d Isay 11:9
e Isay 57:15; Isay 61:1
f Isay 10:22; Mik 4:7
g Isay 60:21
h Jer 30:10; Hez 34:28; Hez 39:25, 26; Hos 2:18; Mik 4:4
i Ezr 3:11; Isay 12:5, 6; Zak 2:10
j Mik 4:8
k Isay 40:2; Zak 8:13
l Mik 7:10; Zak 2:8, 9
m Hez 48:35

Uhla 2
a Amo 9:15; Zak 14:11
b Jer 46:28
c Isay 12:6
d Dut 30:9; Hu 147:11; Isay 62:3; Isay 65:19; Jer 32:41
e IsiL 1:4; IsiL 2:6
f IsiL 5:1
g Isay 60:14; Zak 14:3
h Mik 4:6, 7
i Isay 11:11, 12; Isay 27:12; Hez 28:25; Hez 34:15, 16; Amo 9:14
j Isay 60:15
k Isay 61:7; Jer 30:10; Jer 33:7, 9; Hez 39:25, 27

3:9 *Noma, "ngokubambisana." 3:13 *Noma, "Bayoklaba."

3:16 *NgesiHebheru, "Ungazivumeli izandla zakho ziyethe." 3:17 *NgesiHebheru, "Uyothula othandweni lwakhe." 3:19 *NgesiHebheru, "bazakhele igama." 3:20 *NgesiHebheru, "igama."

# UHAGAYI

## UHLU LOKUPHAKATHI


1 Ukusolwa ngokungalakhi kabusha ithempeli (1-11)
- ‘Ingabe yisikhathi sokuba nihlale ezindlini ezihlotshiswe ngamapulangwe?’ (4)
- “Cabangisisani ngezindlela zenu” (5)
- Ukutshala imbewu eningi kodwa kuvunwe okuncane (6)

Isizwe silalela izwi likaJehova (12-15)

2 Ithempeli lesibili lizogcwala inkazimulo (1-9)
- Zonke izizwe zizozanyazanyiswa (7)
- Izinto eziyigugu zezizwe zizongena (7)

Ukwakha kabusha ithempeli kuletha izibusiso (10-19)
- Ubungcwele abunakudluliseka (10-14)

Umyalezo oya kuZerubhabhele (20-23)
- “Ngiyokwenza ube njengendandatho ewuphawu” (23)


**1** Ngonyaka wesibili weNkosi
uDariyu, ngenyanga yesithu-
pha, ngosuku lokuqala lwenya-
nga, izwi likaJehova lafika ngo-
Hagayi*[a] umprofethi kuZeru-
bhabhele[b] indodana kaSheyaliti-
yeli, umbusi wakwaJuda, naku-
Joshuwa indodana kaJehozada-
ki umpristi ophakeme, lithi:
**2** “Yilokhu uJehova wamabu-
tho akushoyo, ‘Lesi sizwe sithi:
“Isikhathi sokuba kwakhiwe*
indlu# kaJehova asikafiki.”’”[c]
**3** Izwi likaJehova laphinde la-
fika ngoHagayi[d] umprofethi, la-
thi: **4** “Ingabe yisikhathi soku-
ba nihlale ezindlini zenu ezihlo-
tshiswe ngamapulangwe, kuyila-
pho le ndlu iyincithakalo?[e] **5** Yi-
lokhu uJehova wamabutho aku-
shoyo, ‘Cabangisisani ngezindle-
la* zenu. **6** Nitshale imbewu
eningi, kodwa nivuna okuncane.[f]
Niyadla kodwa anisuthi. Niyaphu-
za kodwa ananeliseki. Niyagqo-
ka kodwa akekho ofudumalayo.
Osebenzayo ufaka umholo wa-
khe esakeni elibhobokile.’”

**7** “Yilokhu uJehova wama-
butho akushoyo, ‘Cabangisisani
ngezindlela* zenu.’
**8** “‘Khuphukelani entabeni
nilethe izingodo.[a] Niyakhe le
ndlu[b] ukuze ngijabule ngayo fu-
thi ngikhazinyuliswe,’[c] kusho
uJehova.”
**9** “‘Nanibheke okuningi ko-
dwa nithola okuncane; lapho ni-
kuletha endlini, ngakuphephe-
tha.[d] Ngasiphi isizathu?’ kusho
uJehova wamabutho. ‘Ngenxa
yokuthi indlu yami iyincithaka-
lo, kuyilapho nina nigijima nilu-
ngisa izindlu zenu.[e] **10** Ngakho
amazulu phezu kwenu anigodle-
la amazolo awo, nomhlaba wago-
dla isivuno sawo. **11** Ngaqhu-
beka ngiletha isomiso ezweni
lenu nasezintabeni zenu, okwa-
bangela ukuba kusweleke uku-
dla okusanhlamvu, iwayini, ama-
futha nezitshalo. Nina nemfuyo
yenu niyahlupheka, konke ukuzi-
khandla kwenu akunazithelo.’”
**12** UZerubhabhele[f] indoda-
na kaSheyalitiyeli,[g] noJoshuwa
indodana kaJehozadaki[h] umpri-
sti ophakeme, nabo bonke aba-
nye abantu balilalela izwi li-
kaJehova uNkulunkulu wabo

---

1:1 *Incazelo: “Uzalwe Ngomkhosi.” 1:2 *Noma, “kwakhiwe kabusha.” #Noma, “ithempeli.” 1:5, 7 *Noma, “Bekani inhliziyo yenu ezindleleni.”

ISAHL. 1
- a Ezr 5:1
- b Ezr 3:2; Ezr 5:2
- c Ezr 4:4, 23
- d Ezr 6:14
- e Jer 52:12, 13
- f Dut 28:22

Uhla 2
- a Ezr 3:7
- b Ezr 5:2; Ezr 6:15; Zak 1:16
- c Isay 60:13
- d Mal 2:2
- e Hag 1:4
- f Mat 1:12
- g 1Kr 3:17-19; Luk 3:23, 27
- h 1Kr 6:15

namazwi kaHagayi umprofe-
thi, ngoba uJehova uNkulunkulu
wabo wayemthumile; abantu be-
saba ngenxa kaJehova.
**13** UHagayi isithunywa sika-
Jehova watshela abantu lo mya-
lezo njengoba uJehova ayemthu-
mile, wathi: "'Nginani,'[a] kusho
uJehova."
**14** UJehova wathinta inhlizi-
yo[b] kaZerubhabhele indodana
kaSheyalitiyeli, umbusi wakwa-
Juda,[c] nekaJoshuwa[d] indodana
kaJehozadaki umpristi ophake-
me, neyabo bonke abanye aba-
ntu; beza baqala ukwakha kabu-
sha indlu kaJehova wamabutho,
uNkulunkulu wabo.[e] **15** Lokhu
kwenzeka ngosuku luka-24 lwe-
nyanga yesithupha ngonyaka we-
sibili weNkosi uDariyu.[f]

**2** Ngenyanga yesikhombisa,
ngosuku luka-21 lwenyanga,
izwi likaJehova lafika ngoHaga-
yi[g] umprofethi, lithi, **2** "Ngice-
la ubuze uZerubhabhele[h] indo-
dana kaSheyalitiyeli, umbusi wa-
kwaJuda,[i] noJoshuwa[j] indodana
kaJehozadaki[k] umpristi ophake-
me, nabo bonke abanye abantu,
uthi: **3** 'Ubani osele phakathi
kwenu owabona le ndlu* enkazi-
mulweni yayo yakudala?[l] Ibuke-
ka kanjani manje? Ayilona yini
ubala uma iqhathaniswa nayo?'[m]
**4** "'Kodwa manje yiba nesibi-
ndi, Zerubhabhele,' kusho uJe-
hova, 'yiba nesibindi, Joshuwa
ndodana kaJehozadaki, mpristi
ophakeme.'
"'Yibani nesibindi, nonke nina
bantu bezwe,'[n] kusho uJehova,
'nisebenze.'
"'Ngoba nginani,'[o] kusho uJe-
hova wamabutho. **5** 'Khumbu-
lani lokho enganithembisa kona
lapho niphuma eGibhithe,[p] umo-
ya wami unani.*[q] Ningesabi.'"[r]

**6** "Ngoba yilokhu uJehova
wamabutho akushoyo, 'Maduza-
ne ngizophinde ngizamazami-
se amazulu nomhlaba nolwandle
nezwe elomile.'[a]
**7** "'Ngizozamazamisa zonke
izizwe, izinto eziyigugu* zazo zo-
nke izizwe zizongena kule ndlu;[b]
ngizoyigcwalisa ngenkazimulo,'[c]
kusho uJehova wamabutho.
**8** "'Isiliva ngelami, negolide
ngelami,' kusho uJehova wama-
butho.
**9** "'Izoba nkulu inkazimulo
yale ndlu yakamuva kunaleyo
yangaphambili,'[d] kusho uJehova
wamabutho.
"'Ngizoletha ukuthula kule
ndawo,'[e] kusho uJehova wama-
butho."
**10** Ngosuku luka-24 lwenya-
nga ka-9, ngonyaka wesibili ka-
Dariyu, izwi likaJehova lafi-
ka kuHagayi[f] umprofethi, lathi:
**11** "Yilokhu uJehova wamabu-
tho akushoyo, 'Ngicela ubuze
abapristi ngokuqondene nom-
thetho,[g] uthi: **12** "Uma umu-
ntu ephethe inyama engcwe-
le ngomphetho wengubo yakhe,
bese ingubo yakhe ithinta isi-
nkwa noma isitshulu noma iwa-
yini noma amafutha nanoma ilu-
phi uhlobo lokudla, ingabe kuyo-
ba ngcwele?"'"
Abapristi baphendula bathi:
"Cha!"
**13** UHagayi wabe esethi:
"Uma umuntu ongcolile nge-
nxa yokuthinta isidumbu* ethi-
nta noma yini kulezi zinto, inga-
be iyoba engcolile?"[h]
Abapristi baphendula bathi:
"Iyoba engcolile."
**14** Ngakho uHagayi wathi:
"'Banjalo-ke laba bantu, sinjalo
lesi sizwe phambi kwami,' kusho
uJehova, 'unjalo wonke umsebe-

---

**2:3** *Noma, "leli thempeli." **2:5** *Noma kungaba, "umoya wami umi phakathi kwenu."

**2:7** *Noma, "ezifiselekayo." **2:13** *Noma, "ngenxa yomphefumulo." Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

---

ISAHL. 1
a 2Kr 15:2; Isay 8:10; Rom 8:31
b Ezr 1:1, 5
c Ezr 1:8; Ezr 5:14
d Zak 3:1; Zak 6:11-13
e Ezr 5:2; Zak 6:15
f Ezr 4:24; Hag 1:1; Zak 1:1

ISAHL. 2
g Ezr 5:1; Ezr 6:14
h 1Kr 3:17-19; Zak 4:9
i Ezr 1:8
j Zak 3:8; Zak 6:11
k 1Kr 6:15
l 1Kh 6:1; Ezr 3:12
m Zak 4:10
n Zak 8:9
o Eks 3:12; Isay 43:2; Rom 8:31
p Eks 29:45; Eks 34:10
q Zak 4:6
r Isay 41:10; Zak 8:13

Uhla 2
a Heb 12:26, 27
b Isay 2:2; Isay 60:5, 11
c Eks 40:35; 1Kh 8:11; Isay 66:12
d Isay 60:13
e Hu 85:8; Isay 2:4; Isay 60:17, 18; Zak 8:12
f Hag 1:1
g Mal 2:7
h Lev 7:21; Num 5:2, 3; Num 9:6; Num 19:11; Num 31:19

nzi wezandla zaso; noma yini esiyiletha lapho ingcolile.’
15 “‘Kodwa manje, ngiyanicela, cabangisisani ngalokhu* kusukela kulolu suku kuqhubeke: Ngaphambi kokuba kubekwe itshe phezu kwetshe ethempelini likaJehova,[a] 16 kwakunjani? Lapho umuntu efika enqwabeni yokudla okusanhlamvu elindele ukuthola amasaka angu-20, kwakunayishumi kuphela; lapho umuntu efika emgodini wesikhamo ezokha izimbiza ezingu-50 emkhombeni wewayini, kwakukhona ezingu-20 kuphela;[b]
17 nganishaya—wonke umsebenzi wezandla zenu—ngokuhangulwa ukushisa nangesikhunta[c] nangesichotho, kodwa akukho noyedwa kini owaphendukela kimi,’ kusho uJehova.
18 “‘Ngiyanicela, cabangisisani ngalokhu* kusukela kulolu suku kuqhubeke, kusukela ngosuku luka-24 lwenyanga ka-9, kusukela ngosuku esabekwa ngalo isisekelo sethempeli likaJehova;[d] cabangisisani ngalokhu: 19 Isikhona yini imbewu enqolobaneni?*[a] Isihlahla samagilebhisi, esomkhiwane, esamahalananda# nesomnqumo—azikatheli zithelo, angithi? Kusukela kulolu suku ngizoletha isibusiso.’”[b]
20 Izwi likaJehova lafika okwesibili kuHagayi ngosuku luka-24 lwenyanga,[c] lathi: 21 “Yithi kuZerubhabhele umbusi wakwaJuda, ‘Ngizozamazamisa amazulu nomhlaba.[d] 22 Ngizogumbuqela isihlalo sobukhosi semibuso ngiqede amandla emibuso yezizwe;[e] ngizogumbuqela inqola nabagibeli bayo, amahhashi azofa nabagibeli bawo bazobulalana ngenkemba.’”[f]
23 “‘Ngalolo suku,’ kusho uJehova wamabutho, ‘ngiyokuthatha nceku yami, Zerubhabhele[g] ndodana kaSheyalitiyeli,’[h] kusho uJehova, ‘ngiyokwenza ube njengendandatho ewuphawu, ngoba nguwe engikukhethile,’ kusho uJehova wamabutho.”

2:15, 18 *Noma, “bekani inhliziyo yenu kulokhu.”

2:19 *Noma, “emgodini wokusanhlamvu.” #Noma, “esamahananadi.”

ISAHL. 2
a Ezr 3:10, Zak 4:9
b Hag 1:6, Zak 8:10
c Dut 28:22
d Ezr 5:2, Zak 8:9

Uhla 2
a Hag 1:6
b IzA 3:9, 10, Zak 8:12
c Hag 2:10
d Hag 2:6, Heb 12:26, 27
e Isay 60:12, Dan 2:44, Zef 3:8
f Hlu 7:22
g Ezr 3:8
h Mat 1:12

# UZAKARIYA

UHLU LOKUPHAKATHI

1 Umyalo wokuba kubuyelwe kuJehova (1-6)
‘Buyelani kimi nami ngizobuyela kini’ (3)
Umbono 1: Abagibeli bamahhashi phakathi kwezihlahla zombomvana (7-17)
“UJehova uzophinde aliduduze iZiyoni” (17)
Umbono 2: Izimpondo ezine nezingcweti ezine (18-21)
2 Umbono 3: Indoda ephethe intambo yokukala (1-13)
IJerusalema lizokalwa (2)
UJehova, “udonga lomlilo nxazonke” (5)
Ukuthinta inhlamvu yeso likaNkulunkulu (8)
Izizwe eziningi ziyozihlanganisa noJehova (11)
3 Umbono 4: Izingubo zompristi ophakeme ziyashintshwa (1-10)
USathane umelana noMpristi Ophakeme uJoshuwa (1)

‘Ngizoletha inceku yami ebizwa ngokuthi uHlumela!’ (8)

4 Umbono 5: Uthi lwesibani nezihlahla ezimbili zomnqumo (1-14)
‘Ngeke kube ngamandla kodwa kuyoba ngomoya wami’ (6)
Ungaludeleli usuku lwesiqalo esincane (10)

5 Umbono 6: Umqulu ondizayo (1-4)
Umbono 7: Isitsha esiyi-efa (5-11)
Owesifazane ophakathi obizwa ngokuthi ukuKhohlakala (8)
Isitsha siyiswa eShinari (9-11)

6 Umbono 8: Izinqola ezine (1-8)
IHlumela lizoba yinkosi nompristi (9-15)

7 UJehova ugxeka ukuzila ukudla okungasuki enhliziyweni (1-14)
“Ingabe ngempela nanizilela mina ukudla?” (5)
‘Bonisanani ubulungisa, uthando oluqotho nesihe’ (9)

8 UJehova unika iZiyoni ukuthula neqiniso (1-23)
IJerusalema, “idolobha leqiniso” (3)
“Khulumani iqiniso komunye nomunye” (16)
Idili ngemva kokuzila ukudla (18, 19)
‘Masimfune ngobuqotho uJehova’ (21)
Amadoda ayishumi abamba ingubo yomJuda (23)

9 Isahlulelo sikaNkulunkulu ezizweni ezingomakhelwane (1-8)
Ukuza kwenkosi yaseZiyoni (9, 10)
Inkosi ethobekile igibele imbongolo (9)
Abantu bakaJehova bazokhululwa (11-17)

10 Celani imvula kuJehova hhayi konkulunkulu bamanga (1, 2)
UJehova uhlanganisa abantu bakhe (3-12)
Indoda eyinhloko evela endlini kaJuda (3, 4)

11 Imiphumela yokulahla umalusi kaNkulunkulu weqiniso (1-17)
“Yalusa umhlambi ohloselwe ukuhlatshwa” (4)
Izindondolo ezimbili: UbuMnandi nokuHlangana (7)
Inkokhelo yomalusi: Izinhlamvu zesiliva ezingu-30 (12)
Kuphonswa imali endaweni yokugcina ingcebo (13)

12 UJehova uzolwela uJuda neJerusalema (1-9)
IJerusalema, “yitshe elisindayo” (3)
Ukulilela ogwaziwe (10-14)

13 Ukuqedwa kwezithixo nabaprofethi bamanga (1-6)
Abaprofethi bamanga bazoba namahloni (4-6)
Umalusi uzoshaywa (7-9)
Ingxenye yesithathu izocwengwa (9)

14 Ukunqoba okuphelele kokukhulekela kweqiniso (1-21)
INtaba Yeminqumo izohlukana phakathi (4)
UJehova uzoba munye negama lakhe libe linye (9)
Isishayo sizoshaya abaphikisi beJerusalema (12-15)
Ukugujwa koMkhosi Wamadokodo (16-19)
Wonke amabhodwe azoba ngcwele kuJehova (20, 21)


**1** Ngenyanga ka-8 ngonyaka
wesibili kaDariyu,[a] izwi li-
kaJehova lafika kumprofethi
uZakariya*[b] indodana kaBhe-
rekiya indodana ka-Ido, lathi:
**2** “UJehova wabathukuthelela
kakhulu oyihlo.[c]
**3** “Yithi kubo, ‘Yilokhu uJe-
hova wamabutho akushoyo:
“‘Buyelani kimi,’ kusho uJeho-
va wamabutho, ‘nami ngizobu-
yela kini,’[a] kusho uJehova wa-
mabutho.”’
**4** “‘Ningabi njengoyihlo, aba-
profethi basendulo abamemeze-
la kubo, bathi: “Yilokhu uJeho-

**1:1** * Incazelo: “UJehova Ukhumbulile.”

ISAHL. 1
a Ezr 4:24; Hag 1:1; Hag 2:10
b Ezr 5:1
c 2Kh 22:16, 17; Jer 44:5, 6

Uhla 2
a Hez 33:11; Mik 7:18, 19; Mal 3:7

va wamabutho akushoyo, ‘Ngicela nishiye izindlela* zenu ezimbi nezenzo zenu ezimbi.’”’[a]

“‘Kodwa abalalelanga futhi abanginakanga,’[b] kusho uJehova.

**5** “‘Baphi-ke oyihlo? Ingabe abaprofethi baphila phakade?
**6** Nokho, amazwi ami neziqondiso zami engayala ngako izinceku zami, abaprofethi, oyihlo abakubonanga yini ukugcwaliseka kwako?’[c] Ngakho babuya kimi bathi: ‘UJehova wamabutho wenze kithi ngokwezindlela zethu nezenzo zethu, njengoba nje ayenqumile.’”[d]

**7** Ngosuku luka-24 lwenyanga ka-11, okungukuthi, inyanga kaShebhati,* ngonyaka wesibili kaDariyu,[e] izwi likaJehova lafika kumprofethi uZakariya indodana kaBherekiya indodana ka-Ido, lathi:
**8** “Ngabona umbono ebusuku. Kwakunendoda egibele ihhashi elibomvu, imi phakathi kwezihlahla zombomvana ezisesigodini; ngemva kwayo kunamahhashi abomvu, ansundu namhlophe.”

**9** Ngakho ngathi: “Bangobani laba, nkosi yami?”

Ingelosi eyayikhuluma nami yathi kimi: “Ngizokubonisa ukuthi laba bangobani.”

**10** Indoda eyayimi phakathi kwezihlahla zombomvana yathi: “Laba yibo uJehova abathumile ukuba bahlole umhlaba.”
**11** Bathi engelosini kaJehova eyayimi phakathi kwezihlahla zombomvana: “Siwuhlolile umhlaba, bheka! wonke umhlaba unokuthula futhi awunasiphazamiso.”[f]

**12** Ngakho ingelosi kaJehova yathi: “O Jehova wamabutho, kuyoze kube nini ungasibonisi isihe eJerusalema nasemadolobheni akwaJuda,[a] owathukuthelele le minyaka engu-70?”[b]

**13** UJehova waphendula ingelosi eyayikhuluma nami ngamazwi anomusa nadudu-zayo.
**14** Ingelosi eyayikhuluma nami yathi kimi: “Memeza uthi, ‘Yilokhu uJehova wamabutho akushoyo: “Ngizolilwela iJerusalema neZiyoni ngentshiseko, yebo ngentshiseko enkulu.[c]
**15** Ngizithukuthelele ngentukuthelo enkulu izizwe ezikhululekile,[d] ngoba ngangithukuthele kancane[e] kodwa zona zanezela enhlekeleleni.”’[f]

**16** “Ngakho-ke yilokhu uJehova akushoyo: ‘“Ngizobuyela eJerusalema ngesihe[g] nendlu yami izokwakhiwa kulo,”[h] kusho uJehova wamabutho, “intambo yokukala izokwelulelwa phezu kweJerusalema.”’[i]

**17** “Phinda umemeze, uthi: ‘Yilokhu uJehova wamabutho akushoyo: “Amadolobha ami azophinde achichime ubuhle; uJehova uzophinde aliduduze iZiyoni[j] futhi usazolikhetha iJerusalema.”’”[k]

**18** Ngaphakamisa amehlo ami ngabona izimpondo ezine.[l]
**19** Ngakho ngabuza ingelosi eyayikhuluma nami: “Yizini lezi?” Yathi kimi: “Lezi yizimpondo ezahlakaza uJuda,[m] u-Israyeli[n] neJerusalema.”[o]

**20** Ngemva kwalokho uJehova wangibonisa izingcweti ezine.
**21** Ngabuza: “Zizokwenzani?”

Wathi: “Lezi yizimpondo ezahlakaza uJuda kwaze kwangaba khona noyedwa owakwazi ukuphakamisa ikhanda lakhe. Lezi ezinye zizofika zizesabise, ziziwise phansi izimpondo zezizwe eziphakamisele izwe

ISAHL. 1

*a* Ezr 9:6, 7; Isay 1:16; Isay 55:7; Hos 14:1
*b* 2Kr 36:15, 16; Jer 11:7, 8
*c* 2Kr 36:17; Dan 9:11, 12
*d* Dut 28:20, 45; Jer 23:20
*e* Ezr 4:24
*f* Zak 1:15

Uhla 2

*a* Hu 74:10; Hu 102:13
*b* 2Kr 36:20, 21; Jer 25:11, 12; Dan 9:2; Zak 7:5
*c* Jow 2:18; Zak 8:2
*d* Jer 48:11; Zak 1:11
*e* Isay 54:8
*f* Hu 137:7; Isay 47:6; Jer 51:35
*g* Isay 12:1; Jer 33:14; Zak 8:3
*h* Ezr 6:14, 15; Isay 44:28; Hag 1:14
*i* Jer 31:38, 39; Hez 40:2, 3; Zak 2:1, 2
*j* Isay 51:3
*k* Hu 132:13; Zak 2:12; Zak 3:2
*l* Zak 1:21
*m* 2Kh 24:12, 14
*n* 2Kh 15:29; 2Kh 17:6; 2Kh 18:11; Jer 50:17
*o* 2Kh 25:11; 2Kr 36:17, 19

**1:4** *Noma, “Buyani ezindleleni.” **1:7** *Bheka iSithasiselo B15.

lakwaJuda izimpondo ukuze zi-
lihlakaze.”

**2** Ngaphakamisa amehlo ami
ngabona indoda iphethe
intambo yokukala[a] ngesandla.
**2** Ngakho ngathi: “Uyaphi?”
Yona yathi kimi: “Ngiyoka-
la iJerusalema ukuze ngibone
ukuthi ububanzi balo bungaka-
nani nokuthi ubude balo bu-
ngakanani.”[b]
**3** Bheka! Ingelosi eyayikhu-
luma nami yaphuma futhi kwa-
fika enye ingelosi izoyihla-
ngabeza. **4** Yathi kuyo: “Giji-
ma uye kuleya nsizwa elapha-
ya, uthi, ‘“IJerusalema liyo-
hlalwa[c] njengezwe lasemapha-
ndleni elingabiyelwe, ngenxa
yabo bonke abantu nezilwane
ezifuywayo okuphakathi kwa-
lo.[d] **5** Ngizoba udonga lomlilo
nxazonke zalo,[e] ngibe inkazi-
mulo phakathi kwalo,”’”[f] kusho
uJehova.
**6** “Wozani! Wozani! Balekani
ezweni lasenyakatho,”[g] kusho
uJehova.
“Ngoba nginihlakazele ema-
gumbini amane amazulu,”*[h] ku-
sho uJehova.
**7** “Woza Ziyoni! Phunyuka,
wena ohlala nendodakazi yase-
Bhabhiloni.[i] **8** Ngoba yilokhu
uJehova wamabutho akusho-
yo, lowo ngemva kokukhazi-
nyuliswa* ongithume ezizweni
ezaziniphanga:[j] ‘Othinta nina
uthinta inhlamvu yeso lami.[k]
**9** Ngizobaphakamisela isandla
futhi bazophangwa yizigqila
zabo.’[l] Niyokwazi ngokuqinise-
kile ukuthi uJehova wamabu-
tho ungithumile.
**10** “O ndodakazi yaseZiyo-
ni, memeza ngenjabulo;[m] ngo-
ba ngiyeza,[n] ngizohlala pha-
kathi kwakho,”[a] kusho uJeho-
va. **11** “Izizwe eziningi ziyo-
zihlanganisa noJehova ngalolo
suku,[b] zibe yisizwe sami; fu-
thi ngiyohlala phakathi kwe-
nu.” Niyokwazi ukuthi uJeho-
va wamabutho ungithume kini.
**12** UJehova uzomthatha uJu-
da abe yimpahla yakhe emhla-
bathini ongcwele, futhi usazo-
phinde alikhethe iJerusalema.[c]
**13** Thulani phambi kukaJeho-
va nonke nina bantu, ngoba
uthatha isinyathelo esendawe-
ni yakhe engcwele.

**3** Ngaboniswa uJoshuwa[d] um-
pristi ophakeme emi pha-
mbi kwengelosi kaJehova, no-
Sathane[e] emi ngakwesokudla
sakhe ukuze amelane naye.
**2** Khona-ke ingelosi kaJehova
yathi kuSathane: “Kwangathi
uJehova angakukhuza, Satha-
ne,[f] yebo, kwangathi uJehova
okhethe iJerusalema[g] angaku-
khuza! Lona akasona yini isi-
khuni esivuthayo esihlwithwe
emlilweni?”
**3** UJoshuwa wayegqoke izi-
ngubo ezingcolile emi phambi
kwengelosi. **4** Ingelosi yathi
kulabo ababemi lapho: “Mkhu-
muleni izingubo ezingcolile.”
Yabe isithi kuye: “Bheka, ngi-
sisusile isiphambeko* sakho
kuwe, uzogqokiswa izingubo
ezinhle.”#[h]
**5** Khona-ke ngathi: “Maka-
thweswe iduku lokushuqula
elihlanzekile ekhanda.”[i] Bam-
thwesa iduku lokushuqula eli-
hlanzekile ekhanda, bamgqoki-
sa izingubo; ingelosi kaJeho-
va yayimi ngakuye. **6** Ingelo-
si kaJehova yathi kuJoshu-
wa: **7** “Yilokhu uJehova wa-
mabutho akushoyo, ‘Uma uzo-
hamba ezindleleni zami, ufeze

---

**2:6** *NgesiHebheru, “emimoyeni emine yamazulu.” **2:8** *NgesiHebheru, “kwenkazimulo.”

**3:4** *Noma, “icala.” #Noma, “izingubo zekhethelo.”

---

ISAHL. 2
a Zak 1:16
b Jer 31:38, 39
c Isay 44:26; Jer 30:18; Hez 36:10
d Isay 33:20; Jer 31:24; Jer 33:10, 11; Zak 8:4, 5
e Hu 125:2; Isay 26:1
f Isay 12:6; Isay 60:19, 20; Hag 2:9
g Isay 11:12, 16
h Dut 28:64; Hez 5:12
i Isay 48:20; Isay 52:2; Jer 50:8; Mik 4:10
j 2Kh 24:2; Mik 4:11
k Dut 32:9, 10; Hu 105:14, 15; 2Th 1:6
l Isay 14:2
m Isay 35:10
n Isay 40:9, 10

Uhla 2
a Lev 26:11, 12; Isay 12:6
b Hu 22:27; Isay 2:2, 3; Zak 8:22, 23
c 2Kr 6:6; Zak 1:17

ISAHL. 3
d Ezr 5:2; Hag 1:14; Zak 6:11
e Job 1:6
f Jud 9
g 2Kr 6:6; Zak 2:12
h Eks 28:2
i Eks 29:6

umthwalo wakho engikunikeze
wona, khona-ke uyoba nguma-
hluleli endlini yami,[a] unakeke-
le* amagceke ami; ngiyokunika
ilungelo lokungena ngokukhu-
lulekile phakathi kwalaba aba-
mi lapha.’
**8** “‘O Mpristi Ophakeme Jo-
shuwa, ngicela ulalele, wena
nabangani bakho abahlala pha-
mbi kwakho, ngoba la madoda
ayisibonakaliso; bheka! ngile-
tha inceku yami[b] ebizwa ngoku-
thi uHlumela![c] **9** Bheka itshe
engilibeke phambi kukaJoshu-
wa! Etsheni kunamehlo ayisi-
khombisa; ngiqopha umbhalo
kulo,’ kusho uJehova wamabu-
tho, ‘icala lalelo zwe ngizolisu-
sa ngosuku olulodwa.’[d]
**10** “‘Ngalolo suku,’ kusho
uJehova wamabutho, ‘yilowo
nalowo uyomema umakhelwa-
ne wakhe ukuba eze ngapha-
nsi kwesihlahla sakhe samagi-
lebhisi nangaphansi kwesihla-
hla sakhe somkhiwane.’ ”[e]

**4** Ingelosi eyayikhuluma nami
yabuya yangivusa, njengo-
muntu ovuswa ebuthongweni.
**2** Yathi kimi: “Ubonani?”
Ngathi: “Ngibona uthi lwesi-
bani, lonke luyigolide,[f] phezu
kwalo kunesitsha. Kunezibani
eziyisikhombisa kulo,[g] yebo
eziyisikhombisa, izibani eziku-
lo zinamapayipi ayisikhombisa.
**3** Eceleni kwalo kunezihlahla
ezimbili zomnqumo,[h] esinye si-
ngakwesokudla sesitsha, esi-
nye singakwesobunxele.”
**4** Ngabuza ingelosi eyayi-
khuluma nami, ngathi: “Zi-
sho ukuthini lezi zinto, nkosi
yami?” **5** Ngakho ingelosi eya-
yikhuluma nami yathi: “Ingabe
awazi ukuthi lezi zinto zisho
ukuthini?”

**3:7** *Noma, “uphathe; uqaphe.”

Mina ngathi: “Cha, nkosi
yami.”
**6** Yabe isithi kimi: “Nawu
umyalezo kaJehova oya kuZe-
rubhabhele: ‘“Ngeke kube nge-
butho lempi, noma ngama-
ndla,[a] kodwa kuyoba ngomoya
wami,”[b] kusho uJehova wama-
butho. **7** Ungubani wena nta-
ba enkulu? Phambi kukaZeru-
bhabhele[c] uyoba yithafa.[d] Uyo-
khipha itshe eliyinhloko kume-
nyezwa kuthiwa: “Kwaze kwa-
kuhle! Kwaze kwakuhle!” ’ ”
**8** Izwi likaJehova laphinde
lafika kimi, lathi: **9** “Izandla
zikaZerubhabhele zibeke isise-
kelo sale ndlu,[e] futhi izandla
zakhe ziyoyiqeda.[f] Kuyomelwe
nazi ukuthi uJehova wamabu-
tho ungithumile kini. **10** Uba-
ni odelele usuku lwesiqalo esi-
ncane?*[g] Ngoba bayojabula ba-
bone intambo yokukala ene-
tshe# esandleni sikaZerubha-
bhele. La mehlo ayisikhombisa
angamehlo kaJehova, aqalaza
emhlabeni wonke.”[h]
**11** Ngayibuza ngathi: “Zi-
sho ukuthini lezi zihlahla zom-
nqumo ezimbili, esingakweso-
kudla sothi lwesibani nesinga-
kwesobunxele salo?”[i] **12** Nga-
yibuza okwesibili ngathi: “Asho
ukuthini la magatsha* eminqu-
mo athulula uketshezi lwegoli-
de ngemibhobho emibili yegoli-
de?”
**13** Ngakho yathi kimi: “Inga-
be awazi ukuthi zisho ukuthini
lezi zinto?”
Mina ngathi: “Cha, nkosi
yami.”
**14** Yathi: “Lezi zinto zime-
lela abagcotshiwe ababili aba-
mi eceleni kweNkosi yomhlaba
wonke.”[j]

**4:10** *Noma, “lwezinto ezincane.” #NgesiHebheru, “babone itshe, ikopi.”
**4:12** *Okuwukuthi, amagatsha esihlahla agcwele izithelo.

ISAHL. 3
a Mal 2:7
b Isay 42:1; Isay 52:13
c Isay 11:1; Isay 53:2, 11; Jer 23:5; Jer 33:15; Zak 6:12
d Jer 50:20
e 1Kh 4:25; Hos 2:18; Mik 4:4

ISAHL. 4
f Eks 25:31; 1Kh 7:48, 49
g Eks 25:37
h Zak 4:11, 14; IsA 11:3, 4

Uhla 2
a 1Sa 17:45; Hos 1:7
b Hlu 6:34; Hlu 15:14
c Ezr 3:2; Hag 1:1
d Isay 40:4
e Ezr 3:8, 10; Ezr 5:14, 16
f Ezr 6:14; Zak 6:12
g Ezr 3:12; Hag 2:3
h 2Kr 16:9; IzA 15:3; Jer 16:17; IsA 5:6
i Zak 4:2, 3
j Hag 2:4; IsA 11:3, 4

5 Ngaphinde ngaphakamisa
amehlo ami ngabona umqu-
lu ondizayo. 2 Yathi kimi:
"Ubonani?"
Mina ngathi: "Ngibona
umqulu ondizayo ongamamitha
angaba ngu-9 ubude namami-
tha angaba ngu-4,5 ububanzi."
3 Ngemva kwalokho yathi
kimi: "Lesi yisiqalekiso esiya
kuwo wonke umhlaba, ngoba
wonke umuntu owebayo[a] aka-
zange ajeziswe, njengoba ku-
bhaliwe kolunye uhlangothi lo-
mqulu; futhi wonke umuntu
owenza isifungo[b] akazange aje-
ziswe, njengoba kubhaliwe ku-
lolu olunye uhlangothi lwa-
wo. 4 'Ngisikhiphile,' kusho
uJehova wamabutho, 'sizonge-
na endlini yesela nasendlini yo-
wenza isifungo samanga ega-
meni lami; sizohlala kuleyo
ndlu siyiqothule kanye nezi-
ngodo zayo namatshe ayo.' "
5 Ingelosi eyayikhuluma
nami yasondela yathi kimi:
"Ngicela uphakamise amehlo
akho ubone ukuthi kuyini lo-
khu okuphumayo."
6 Ngathi: "Kuyini?"
Yaphendula yathi: "Yisitsha
esiyi-efa* lesi esiphumayo." Ya-
qhubeka yathi: "Lena yindle-
la ababukeka ngayo emhlabe-
ni wonke." 7 Ngabona ukuthi
kwaphakanyiswa isivalo som-
thofu esiyindilinga, kwakuno-
wesifazane owayehlezi pha-
kathi esitsheni. 8 Ngakho ya-
thi: "Lona wesifazane ume-
lela ukuKhohlakala." Yampho-
nsa yambuyisela esitsheni esi-
yi-efa, ngemva kwalokho ya-
phonsa isivalo somthofu emlo-
nyeni waso.
9 Ngabe sengiphakamisa
amehlo ngabona abesifazane
ababili beya phambili, bendiza
emoyeni. Babenamaphiko anje-
ngakanogolantethe. Baphaka-
misela isitsha phakathi kom-
hlaba nezulu. 10 Ngakho nga-
buza ingelosi eyayikhuluma
nami, ngathi: "Basiyisaphi isi-
tsha esiyi-efa?"
11 Yaphendula yathi: "Basi-
yisa ezweni laseShinari*[a] uku-
ze bamakhele indlu; lapho
seyilungisiwe, uyobekwa lapho
endaweni yakhe efanele."

6 Ngaphinde ngaphakamisa
amehlo ami ngabona izi-
nqola ezine ziphuma phakathi
kwezintaba ezimbili, lezi zinta-
ba kwakungezethusi. 2 Inqo-
la yokuqala yayidonswa ama-
hhashi abomvu, inqola yesi-
bili idonswa amahhashi amnya-
ma.[b] 3 Inqola yesithathu yayi-
donswa amahhashi amhlophe,
inqola yesine idonswa amahha-
shi amabhadubhadu namibala-
bala.[c]
4 Ngabuza ingelosi eyayikhu-
luma nami ngathi: "Kuyini lo-
khu, nkosi yami?"
5 Ingelosi yangiphendula ya-
thi: "Lena yimimoya emine[d] ya-
mazulu ephumayo ekade imi
phambi kweNkosi yomhlaba
wonke.[e] 6 Leyo* enamahha-
shi amnyama iyaphuma iya
ezweni lasenyakatho;[f] amhlo-
phe ayaphuma aya ngapheshe-
ya kolwandle; amabhadubhadu
ayaphuma aya ezweni laseni-
ngizimu. 7 Amibalabala aye-
zimisele ukuphuma azulazu-
le emhlabeni." Khona-ke yathi:
"Hambani, nizulazule emhlabe-
ni." Aqala ukuzulazula emhla-
beni.
8 Yangimemeza yathi: "Bhe-
ka, lawo aya ezweni lasenyaka-

ISAHL. 5
a Eks 20:15
b Eks 20:7
Lev 19:12

Uhla 2
a Gen 10:8, 10
Gen 11:1, 2
Dan 1:2

ISAHL. 6
b Zak 6:6
c Zak 6:7
d Hu 104:4
e 2Kr 18:18
Job 1:6
Dan 7:10
Luk 1:19
Heb 1:7, 14
f Zak 2:6, 7

5:6 *NgesiHebheru, "Yi-efa," lapha kushiwo isitsha noma ubhasikidi osetshenziselwa ukukala i-efa. I-efa lalilingana no-22 L. Bheka iSithasiselo B14.

5:11 *Okuwukuthi, eBhabhiloni. 6:6 *Okuwukuthi, inqola.

tho abangele ukuba umoya ka-
Jehova uhlale ezweni lasenya-
katho."
**9** Izwi likaJehova labuye la-
thi kimi: **10** "Thatha kuHeli-
dayi, uThobiya nakuJedaya izi-
nto ababuye nazo kubantu aba-
dingisiwe; ngalolo suku kume-
le uye endlini kaJosiya indo-
dana kaZefaniya kanye nala-
ba bantu abavela eBhabhiloni.
**11** Kufanele uthathe isiliva ne-
golide wenze umqhele* uwube-
ke ekhanda likaJoshuwa[a] um-
pristi ophakeme, indodana ka-
Jehozadaki. **12** Uthi kuye,
"'Yilokhu uJehova wamabu-
tho akushoyo: "Nangu umu-
ntu ogama lakhe linguHlume-
la.[b] Uyohluma esendaweni ya-
khe futhi uyokwakha ithempe-
li likaJehova.[c] **13** Nguye oyo-
kwakha ithempeli likaJehova,
futhi nguye oyothola isithu-
nzi. Uyohlala esihlalweni sa-
khe sobukhosi abuse, aphi-
nde abe ngumpristi esihlalwe-
ni sakhe sobukhosi,[d] uyozipha-
tha zombili lezi zikhundla uku-
ze kube nokuthula.* **14** Um-
qhele* uyoba yisikhumbuzo
kuHelemu, uThobija, uJeda-
ya[e] noHeni indodana kaZefani-
ya, ethempelini likaJehova.
**15** Labo abakude bayofika ba-
bambe iqhaza ekwakhiweni
kwethempeli likaJehova." Nina
niyokwazi ukuthi uJehova wa-
mabutho ungithumile kini. Lezi
zinto zizokwenzeka—uma naka-
njani niyolilalela izwi likaJeho-
va uNkulunkulu wenu.'"

**7** Ngonyaka wesine weNko-
si uDariyu, izwi likaJeho-
va lafika kuZakariya,[f] ngosu-
ku lwesine lwenyanga ka-9, oku-
ngukuthi, inyanga kaKhisilevi.*
**2** Abantu baseBhethele bathu-
ma uSharezeri noRegemi-mele-
ki namadoda angaphansi kwa-
khe ukuba banxuse umusa* ka-
Jehova, **3** bathi kubapristi be-
ndlu* kaJehova wamabutho na-
kubaprofethi: "Ngikhale yini
ngenyanga yesihlanu,[a] ngizile
ukudla, njengoba ngenzile kule
minyaka eminingi edlule?"
**4** Izwi likaJehova wamabu-
tho laphinde lafika kimi, lathi:
**5** "Yithi kubo bonke abantu
bezwe nakubapristi, 'Lapho ni-
zila ukudla futhi nilila nge-
nyanga yesihlanu nangenyanga
yesikhombisa[b] iminyaka engu-
70,[c] ingabe ngempela nanizile-
la mina ukudla? **6** Lapho ni-
dla nalapho niphuza, naninga-
dli yini ukuze kuzuze nina futhi
naningaphuzi yini ukuze nizi-
jabulise? **7** Akufanele yini ni-
lalele amazwi uJehova awame-
mezela ngabaprofethi abedlu-
le,[d] ngesikhathi kusenabantu
eJerusalema nasemadolobheni
alizungezile futhi kunokuthula,
nalapho kusahlala abantu eNe-
gebhi naseShefela?'"
**8** Izwi likaJehova laphi-
nde lafika kuZakariya, lathi:
**9** "Yilokhu uJehova wamabu-
tho akushoyo, 'Yahlulelani ngo-
bulungisa beqiniso;[e] nibonisa-
ne uthando oluqotho[f] nesi-
he. **10** Ningamphambi umfe-
lokazi noma intandane,[g] isifi-
ki[h] noma ompofu,[i] futhi ni-
ngacebelani okubi ezinhlizi-
yweni zenu.'[j] **11** Kodwa babe-
lokhu benqaba ukulalela,[k] nge-
nkani bafulathela,[l] bavala izi-
ndlebe zabo ukuze bangezwa.[m]
**12** Benza izinhliziyo zabo zaba

ISAHL. 6
a Hag 1:1; Zak 3:3, 5
b Isay 11:1; Zak 3:8
c Zak 8:9
d Heb 3:1; Heb 4:14; Heb 8:1
e Zak 6:10

ISAHL. 7
f Ezr 6:14; Zak 1:1

Uhla 2
a 2Kh 25:8-10; Jer 52:12-14
b Jer 41:1, 2
c Jer 25:11; Zak 1:12
d 2Kr 36:15
e IzA 21:3; Jer 21:12
f IzA 16:6; Hos 10:12; Mik 6:8
g Eks 22:22; Dut 24:17; Isay 1:17
h Eks 23:9; Mal 3:5
i IzA 22:22
j Zak 8:17
k 2Kr 33:10; Jer 6:10
l Neh 9:29
m 2Kh 17:13, 14; Isay 6:10; Jer 25:7

**6:11** *Noma, "umqhele omuhle." **6:13** *Okuwukuthi, phakathi kwendima yakhe yokuba yinkosi neyokuba umpristi. **6:14** *Noma, "Umqhele omuhle."

**7:1** *Bheka iSithasiselo B15. **7:2** *Noma, "bathambise ubuso." **7:3** *Noma, "bethempeli."

njengedayimane,*[a] babengawu-
laleli umthetho# namazwi uJe-
hova wamabutho awathumela
ngomoya wakhe, ngabaprofe-
thi abedlule.[b] Ngakho kwafika
intukuthelo enkulu ivela kuJe-
hova wamabutho."[c]
**13** "'Njengoba babengalale-
li lapho ngibiza,*[d] nami angi-
lalelanga lapho bebiza,'[e] kusho
uJehova wamabutho. **14** 'Nga-
bahlakaza ngesiphepho baya
kuzo zonke izizwe ababengaza-
zi,[f] izwe lashiywa liyincithakalo
ngemva kwabo, kungekho mu-
ntu onqamula kulo noma obu-
yela kulo;[g] ngoba baphendula
izwe elihle laba yinto eshaqisa-
yo.'"

**8** Izwi likaJehova wamabu-
tho laphinde lafika, lathi:
**2** "Yilokhu uJehova wamabu-
tho akushoyo, 'Ngizolilwela iZi-
yoni ngentshiseko enkulu,[h] ngi-
zolilwela ngentukuthelo enku-
lu.'"
**3** "Yilokhu uJehova akusho-
yo, 'Ngizobuyela eZiyoni[i] ngi-
hlale eJerusalema;[j] iJerusale-
ma liyobizwa ngokuthi idolo-
bha leqiniso,*[k] intaba kaJeho-
va wamabutho, intaba engcwe-
le.'"[l]
**4** "Yilokhu uJehova wama-
butho akushoyo, 'Kusazohlala
amaxhegu nezalukazi ezigcawi-
ni zaseJerusalema, ngamunye
ephethe udondolo lwakhe nge-
nxa yobudala bakhe.*[m] **5** Izi-
gcawu zedolobha ziyogcwala
abafana namantombazane aba-
dlala kuzo.'"[n]
**6** "Yilokhu uJehova wama-
butho akushoyo, 'Nakuba ku-
ngase kubonakale kunzima ka-
khulu kulabo abasele kulesi si-
zwe ngalezo zinsuku, kufane-
le kubonakale kunzima yini na-
kimi?' kusho uJehova wamabu-
tho."
**7** "Yilokhu uJehova wama-
butho akushoyo, 'Ngisindisa
abantu bami emazweni ase-
mpumalanga nawasentshonala-
nga.[a] **8** Ngiyobaletha, bahlale
eJerusalema;[b] bayoba ngaba-
ntu bami, mina ngibe nguNku-
lunkulu wabo[c] ngeqiniso* na-
ngokulunga.'"
**9** "Yilokhu uJehova wama-
butho akushoyo, 'Izandla zenu
maziqine,*[d] nina enizwa la ma-
zwi ashiwo abaprofethi,[e] ama-
zwi afana nalawo ashiwo ngo-
suku okwabekwa ngalo isise-
kelo sendlu kaJehova wamabu-
tho, ukuze kwakhiwe ithempe-
li. **10** Ngaphambi kwaleso si-
khathi, abantu nezilwane babe-
ngaholelwa;[f] futhi kwakunga-
phephile ukungena nokuphu-
ma ngenxa yesitha, ngoba nga-
baqhatha bonke abantu.'
**11** "'Kodwa manje ngeke ngi-
sebenzelane nabasele balesi si-
zwe njengasezinsukwini zaku-
dala,'[g] kusho uJehova wamabu-
tho. **12** 'Kuyotshalwa imbewu
yokuthula; izihlahla zamagile-
bhisi ziyothela izithelo zazo,
umhlaba ukhiqize isivuno
sawo,[h] amazulu alethe amazolo
awo; ngiyobangela abasele ku-
lesi sizwe ukuba bazuze zonke
lezi zinto njengefa.[i] **13** Nje-
ngoba naba yinto yokuqaleki-
swa phakathi kwezizwe[j] wena
ndlu kaJuda nawe ndlu ka-Isra-
yeli, kanjalo ngiyonisindisa, ni-
yoba yisibusiso.[k] Ningesabi![l] Iza-
ndla zenu maziqine.'*[m]

---

**7:12** *Noma kungaba, "njengetshe eliqinile," njengetshe le-emeri. #Noma, "isiqondiso." **7:13** *NgesiHebheru, "ebiza." **8:3** *Noma, "lokwethembeka." **8:4** *NgesiHebheru, "yobuningi bezinsuku."

**8:8** *Noma, "ngokwethembeka." **8:9, 13** *Noma, "Yibani nesibindi."

---

ISAHL. 7
a Hez 3:7
b Neh 9:30; IzE 7:51
c 2Kr 36:15, 16; Jer 21:5
d Isay 50:2
e Isay 1:15; IsiL 3:44
f Dut 28:64; Jer 5:15
g Lev 26:22, 33; 2Kr 36:20, 21

ISAHL. 8
h Jow 2:18; Zak 1:14
i Zak 1:16
j Isay 12:6; Jow 3:17; Zak 2:11; Zak 8:8
k Isay 1:26; Isay 60:14; Jer 33:16
l Isay 2:2; Isay 11:9; Isay 66:20; Jer 31:23
m Isay 65:20; Jer 30:10
n Jer 30:19; Jer 31:4, 27; Zak 2:4

Uhla 2
a Hu 107:2, 3
b Jer 3:17; Jow 3:20; Amo 9:14
c Lev 26:12; Jer 30:22; Hez 11:20
d Isay 35:4; Hag 2:4
e Ezr 5:1
f Hag 1:6
g Hag 2:19
h Lev 26:4; Dut 28:4; Isay 30:23
i Isay 35:10; Isay 61:7
j Dut 28:37; Jer 42:18
k Gen 22:18; Isay 19:24, 25
l Isay 41:10
m Isay 35:4

**14** “Ngoba yilokhu uJehova
wamabutho akushoyo, ‘“Nje-
ngoba nje nganginqume ukuni-
lethela inhlekelele ngenxa yo-
kuthi okhokho benu bangithu-
kuthelisa,” kusho uJehova wa-
mabutho, “futhi ngingazange
ngizisole,[a] **15** manje nginqu-
me ukwenza okuhle eJerusale-
ma nasendlini kaJuda.[b] Ninge-
sabi!”’[c]

**16** “‘Nazi izinto okufanele ni-
zenze: Khulumani iqiniso komu-
nye nomunye,[d] izahlulelo eze-
nziwa emasangweni enu kume-
le zikhuthaze iqiniso nokuthu-
la.[e] **17** Ningacebelani inhleke-
lele ezinhliziyweni zenu,[f] niyeke
ukufunga amanga;[g] ngoba yizo
zonke lezi zinto engizizondayo,’[h]
kusho uJehova.”

**18** Izwi likaJehova wamabu-
tho laphinde lafika kimi, lathi:
**19** “Yilokhu uJehova wamabu-
tho akushoyo, ‘Ukuzila uku-
dla kwenyanga yesine,[i] ukuzi-
la ukudla kwenyanga yesihla-
nu,[j] ukuzila ukudla kwenyanga
yesikhombisa[k] nokuzila ukudla
kwenyanga yeshumi[l] kuyoba yi-
zikhathi zentokozo nenjabulo
endlini kaJuda—imikhosi yoku-
jabula.[m] Ngakho thandani iqini-
so nokuthula.’

**20** “Yilokhu uJehova wama-
butho akushoyo, ‘Kusazo-
phinde kufike izizwe naba-
hlala emadolobheni amaningi;
**21** abahlala kwelinye idolobha
bayoya kwabahlala kwelinye,
bathi: “Masiye ngobuqotho si-
yonxusa uJehova ukuba asi-
bonise umusa,* sifune uJe-
hova wamabutho. Nami ngizo-
hamba.”[n] **22** Kuyofika abantu
abaningi nezizwe ezinamandla
zizofuna uJehova wamabutho
eJerusalema[o] futhi zizonxusa
uJehova ukuba azibonise umu-
sa.’*

**23** “Yilokhu uJehova wama-
butho akushoyo, ‘Ngalezo zi-
nsuku amadoda ayishumi ave-
la kuzo zonke izilimi zezizwe[a]
ayobamba, yebo, ayobamba
ingubo* yomJuda,# athi: “Sifu-
na ukuhamba nani,[b] ngoba si-
zwile ukuthi uNkulunkulu una-
ni.”’”[c]

**9** Isimemezelo:
“Izwi likaJehova limelene
nezwe laseHadiraki,
Liqondiswe* eDamaseku[d]
—Ngoba uJehova ubeke iso
lakhe kubantu[e]
Nakuzo zonke izizwe za-
kwa-Israyeli—
**2** Limelene naneHamati,[f] eli-
semngceleni walo,
Limelene naneThire[g] neSi-
doni,[h] ngoba ahlakaniphe
kakhulu.[i]
**3** IThire lazakhela indundu-
ma yokuvikela.*
Lanqwabelanisa isiliva nje-
ngothuli
Negolide njengodaka oluse-
migwaqweni.[j]
**4** Bheka! UJehova uyoliphu-
ca ifa,
Uyoshaya ibutho lalo lempi
alifake olwandle;[k]
Liyoshwabadelwa umlilo.[l]
**5** I-Ashikeloni liyokubona lo-
khu lesabe;
IGaza nalo liyozwa usizi
olunzima,
Ne-Ekroni, ngoba ithemba
lalo liyahlazeka.
Kuyoshabalala inkosi
eGaza,

8:21 *Noma, “siyothambisa ubuso bukaJehova.”

8:22 *Noma, “zizothambisa ubuso bukaJehova.” 8:23 *Noma, “umphetho wengubo.” #NgesiHebheru, “yendoda engumJuda.” 9:1 *NgesiHebheru, “Lihlala.” 9:3 *Noma, “inqaba.”

ISAHL. 8
a Jer 4:28; Hez 24:14
b Jer 31:28; Jer 32:42
c Isay 43:1; Zef 3:16
d Lev 19:11; IzA 12:19; Efe 4:25
e Zak 7:9
f Zak 7:10
g Zak 5:4
h IzA 6:16-19
i Jer 52:6, 7
j Jer 52:12-14
k 2Kh 25:25; Zak 7:5
l Jer 52:4
m Isay 35:10; Jer 31:12
n Jer 50:4, 5
o Hu 22:27; Isay 2:2, 3; Isay 11:10; Isay 55:5; Isay 60:3; Hos 1:10; Mik 4:2; Hag 2:7

Uhla 2
a Zak 2:11; IsA 7:9; IsA 14:6
b Eks 12:37, 38
c Isay 45:14

ISAHL. 9
d Jer 49:27; Amo 1:3
e Heb 4:13; 1Pe 3:12
f Jer 49:23
g Isay 23:1; Amo 1:9, 10
h Hez 28:21; Jow 3:4
i Hez 28:2, 3
j Hez 27:32, 33
k Hez 26:17; Hez 27:26
l Hez 28:18

I-Ashikeloni ngeke lihlalwe muntu.[a]
6 Indodana engumlanjwana* iyohlala e-Ashidodi,
Ngizokuqeda ukuziqhenya komFilisti.[b]
7 Ngiyozisusa izinto ezinindwe yigazi emlonyeni wakhe
Nezinto ezinyanyisayo emazinyweni akhe,
Uyoshiyelwa uNkulunkulu wethu;
Uyoba njengomholi kwa-Juda,[c]
Ne-Ekroni libe njengomJebusi.[d]
8 Ngizomisa itende ngaphandle kwendlu yami ngiyiqaphe,*[e]
Ukuze kungabikho muntu onqamulayo nobuyayo;
Akukho nduna yomsebenzi# eyophinde inqamule,[f]
Ngoba ngikubonile△ ngamehlo ami.
9 Jabula kakhulu ndodakazi yaseZiyoni.
Memeza ngokuthokoza ndodakazi yaseJerusalema.
Bheka! Inkosi yakho iza kuwe.[g]
Ilungile, iletha insindiso,*
Ithobekile[h] igibele imbongolo,
Iphezu kwethole lembongolo,# inkonyane yembongolokazi.[i]
10 Ngizoyisusa inqola yempi kwa-Efrayimi
Nehhashi eJerusalema.
Umnsalo wempi uyosuswa.
Iyomemezela ukuthula ezizweni;[a]
Iyobusa kusukela olwandle kuze kube solwandle
Kusukela eMfuleni* kuze kube semikhawulweni yomhlaba.[b]
11 Kodwa wena wesifazane, ngegazi lesivumelwano sakho,
Ngiyozikhipha iziboshwa zakho emgodini ongenamanzi.[c]
12 Buyelani esiphephelweni, nina ziboshwa ezinethemba.[d]
Ngiyakutshela namuhla,
'Ngiyokubuyisela isabelo esiphindwe kabili[e] wena wesifazane.
13 Ngiyomgobisa* uJuda njengomnsalo wami.
Ngizofaka u-Efrayimi emnsalweni,#
Ngivuse amadodana akho Ziyoni,
Amelane namadodana akho, Grisi,
Ngikwenze ube njengenkemba yeqhawe.'
14 UJehova uyobonisa ukuthi unawo,
Umcibisholo wakhe uyophuma njengombani.
INkosi EnguMbusi uJehova iyoshaya uphondo,[f]
Iyohamba nezivunguvungu zaseningizimu.
15 UJehova wamabutho uyowavikela,
Ayoshwabadela anqobe amatshe endwayimane.[g]
Ayophuza abange umsindo njengokungathi aphuze iwayini;

---

**9:6** *Noma, "eyivezandlebe." Ingane etholakale ngaphandle komshado. **9:8** *Noma, "Ngizomisa ibutho elizoqapha indlu yami." #Noma, "mcindezeli." △Ngokusobala, kushiwo ukuhlupheka kwabantu bakhe. **9:9** *Noma, "iyanqoba; isindisiwe." #Noma, "kwembongolo yeduna."

**9:10** *Okuwukuthi, i-Ewufrathe. **9:13** *NgesiHebheru, "Ngiyomnyathela." #Okuwukuthi, njengomcibisholo.

ISAHL. 9
a Zef 2:4
b Amo 1:8
c Isay 60:14
d 2Sa 5:6, 7; 1Kh 9:20, 21
e Hu 125:2
f Isay 54:14
g Hu 2:6; Isay 32:1; Jer 23:5; Luk 19:37, 38; Joh 1:49
h Mat 11:29
i 1Kh 1:33, 34; Mat 21:5, 7; Joh 12:14, 15

Uhla 2
a Isay 9:7
b Eks 23:31; Hu 2:8; Hu 72:8
c Isay 49:9
d Isay 61:1; Jer 31:17
e Isay 61:7
f Jos 6:5
g Mik 5:9; Zak 10:5; Zak 12:6

Ayogcwala njengesitsha,
Njengamakhona e-altare.[a]
16 UJehova uNkulunkulu wawo uyowasindisa ngalolo suku
Njengomhlambi wabantu bakhe;[b]
Ngoba ayoba njengamatshe ayigugu omqhele abenyezela phezu kwenhlabathi yakhe.[c]
17 Yeka ukuthi bukhulu kangakanani ubuhle bakhe,[d]
Yeka ukuthi ubukeka kahle kangakanani!
Ukudla newayini
elisha kuyokwenza izinsizwa nezintombi zibe namandla.[e]"

10 "Celani imvula kuJehova ngesikhathi semvula yasentwasahlobo.
NguJehova owenza amafu amnyama,
Othululela abantu imvula,[f]
Anike wonke umuntu izimila ensimini.
2 Ngoba izithombe zamatherafi* zikhohlisile;#
Nababhuli babone amanga embonweni.
Bakhuluma amaphupho angasizi ngalutho,
Bazama ukududuza kodwa abaphumeleli.
Yingakho beyozulazula njengomhlambi wezimvu.
Bayohlupheka ngoba akukho malusi.
3 Intukuthelo yami iyabavuthela abelusi,
Ngizokwenza ukuba abaholi abacindezelayo* balandise;
Ngoba uJehova wamabutho uwunakile umhlambi wakhe,[a] indlu yakwaJuda,
Wawenza waba njengehhashi lakhe elikhazimulayo empini.
4 Iphuma kuye indoda eyinhloko,*
Uphuma kuye umbusi osekelayo,#
Uphuma kuye umnsalo wempi;
Bonke ababonisi△ baphuma kuye, bonke behlangene.
5 Bazoba njengamaqhawe,
Anyathela odakeni emigwaqweni empini.
Bazolwa impi ngoba uJehova unabo;[b]
Abagibeli bamahhashi bayohlazeka.[c]
6 Ngizokwenza indlu kaJuda iphakame,
Indlu kaJosefa ngizoyisindisa.[d]
Ngizobabuyisela ezweni labo,
Ngoba ngizobabonisa isihe;[e]
Kuzoba njengokungathi angikaze ngibalahle;[f]
Ngoba nginguJehova uNkulunkulu wabo, ngizobaphendula.
7 Abakwa-Efrayimi bazoba njengeqhawe,
Izinhliziyo zabo zizojabula njengokungathi baphuze iwayini[g]
Amadodana abo azokubona lokhu ajabule;
Izinhliziyo zawo zizojabula ngoJehova.[h]

ISAHL. 9
a Eks 27:2; Lev 4:7
b Hez 34:22
c Isay 62:3; Zef 3:20
d Hu 25:8; Hu 31:19; Isay 63:7
e Isay 62:8; Jow 3:18; Amo 9:13

ISAHL. 10
f Dut 11:14; Jer 14:22; Jer 51:16; Hez 34:26; Jow 2:23

Uhla 2
a Hez 34:16, 17
b Dut 20:1
c Hag 2:22
d Jer 3:18; Hez 37:16, 19; Hos 1:10, 11
e Jer 31:9, 20
f Jer 30:18
g Zak 9:15
h Isay 66:14; Zef 3:14

10:2 *Noma, "onkulunkulu bomndeni; izithixo." #Noma, "zikhulume okuyinqaba; okungaqondakali." 10:3 *NgesiHebheru, "abayizimpongo."

10:4 *NgesiHebheru, "umbhoshongo osekhoneni," ufanekisela umuntu obalulekile noma isikhulu; induna. #NgesiHebheru, "ihhuku," lifanekisela umuntu osekelayo; umbusi. △Noma, "izinduna zomsebenzi."

8 ‘Ngizobashayela ikhwela
ngibaqoqele ndawonye;
Ngizobakhulula,[a] bazoba
baningi,
Baqhubeke banda.
9 Nakuba ngibasakaza nje-
ngembewu phakathi kwe-
zizwe,
Bayongikhumbula besezi-
ndaweni ezikude;
Bayovuseleleka kanye na-
madodana abo babuye.
10 Ngiyobalanda ezweni lase-
Gibhithe;
Ngibaqoqe basuke e-Asi-
riya;[b]
Ngibalethe ezweni laseGile-
yadi[c] naseLebhanoni,
Ngeke ibe khona indawo
eyanele yabo.[d]
11 Ngiyodabula olwandle ngo-
kucindezeleka;
Olwandle ngiyoshaya ama-
gagasi;[e]
Zonke izindawo ezijulile ze-
Nayile ziyokoma.
Ukuziqhenya kwe-Asiriya
kuyokwehliswa,
Intonga yeGibhithe iyo-
suka.[f]
12 Mina Jehova, ngiyobenza
baphakame,[g]
Bayohamba ngegama
lami,’[h] kusho uJehova.”

11 “O Lebhanoni, vula imi-
nyango yakho,
Ukuze umlilo ushise imise-
dari yakho.
2 Khala sihlahla somjunipha,
ngoba umsedari uwile;
Izihlahla ezinkulu ngokuba-
bazekayo zibhujisiwe!
Khalani nina zihlahla ze-
oki zaseBhashani,
Ngoba ihlathi elicinene li-
wile!
3 Lalelani! Ukukhala kwabe-
lusi,

ISAHL. 10
a Isay 44:22
Isay 51:11
b Isay 11:11
c Jer 50:19
Mik 7:14
d Isay 49:19, 20
Isay 54:1, 2
e Isay 11:15
f Isay 19:1
Hez 30:13
g Isay 41:10
Isay 45:24
h Mik 4:5

Uhla 2

ISAHL. 11
a Hez 34:8
b Hez 22:25
c Neh 5:8
d Hez 34:2, 4
e Zak 11:4
f Zak 11:10, 14
g Zak 11:7

Ngoba ubukhulu babo obu-
babazekayo bucekelwe
phansi.
Lalelani! Ukubhonga kwa-
mabhongo amabhubesi,*
Ngoba ihlathi elicinene
elingaseJordani licekelwe
phansi.

4 “Yilokhu uJehova uNkulu-
nkulu wami akushoyo, ‘Yalusa
umhlambi ohloselwe ukuhla-
tshwa,[a] 5 obulawa[b] ngabathe-
ngi bawo kodwa bangathwe-
swa cala. Labo abawuthengisa-
yo[c] bathi, “Kwangathi uJeho-
va angadunyiswa ngoba ngizo-
ceba.” Abelusi bawo abawubo-
nisi ububele.’[d]
6 “‘Ngeke ngisazibonisa
ububele izakhamuzi zezwe,’ ku-
sho uJehova. ‘Ngakho ngizo-
bangela ukuba yilowo nalo-
wo acindezelwe yisandla si-
kamakhelwane wakhe nese-
nkosi yakhe; bayolicekela pha-
nsi izwe, ngeke ngibakhulule
esandleni sabo.’”
7 Ngawelusa umhlambi
ohloselwe ukuhlatshwa,[e] nge-
nxa yenu, nina bahluphekile
bomhlambi. Ngakho ngathatha
izindondolo ezimbili, olunye
ngaluqamba ngokuthi ubuMna-
ndi, olunye ngaluqamba ngoku-
thi ukuHlangana,[f] ngelusa
umhlambi. 8 Ngaxosha abelu-
si abathathu ngenyanga eyo-
dwa, ngoba ngaphelelwa isine-
ke ngabo, nabo bangenyanya.
9 Ngathi: “Ngeke ngisaqhube-
ka nginelusa. Ofayo makafe,
oshabalalayo makashabalale.
Labo abasele mabashwabadela-
ne, yilowo nalowo inyama yo-
munye.” 10 Ngakho ngatha-
tha udondolo lwami ubuMna-
ndi[g] ngalunqamula, ngaphula
isivumelwano sami engangise-

11:3 *Noma, “amabhubesi anomhlwe-
nga.”

nze nazo zonke izizwe. **11** Sa-
phulwa ngalolo suku, abahlu-
phekile bomhlambi ababengi-
bhekile bazi ukuthi kwakuyi-
zwi likaJehova.
**12** Ngathi kubo: “Uma ku-
kuhle kini, nginikeni inkokhe-
lo yami; kodwa uma kunge-
njalo, yekani.” Banginika* inko-
khelo yami, izinhlamvu zesiliva
ezingu-30.[a]
**13** UJehova wabe esethi
kimi: “Yiphonse endaweni yo-
kugcina ingcebo—inani elibaba-
zekayo* abalibona lingifane-
le.”[b] Ngakho ngathatha lezi zi-
nhlamvu zesiliva ezingu-30 nga-
ziphonsa endaweni yokugcina
ingcebo endlini kaJehova.[c]
**14** Nganqamula udondolo
lwami lwesibili, ukuHlangana,[d]
nganqamula ubuhlobo phaka-
thi kukaJuda no-Israyeli.[e]
**15** UJehova wathi kimi:
“Thatha amathuluzi kamalusi
ongenalusizo.[f] **16** Ngivumela
ukuba kuvuke umalusi ezweni.
Ngeke azinakekele izimvu ezi-
shabalalayo;[g] ngeke alifune izi-
nyane, noma elaphe imvu eli-
mele[h] noma azinike ukudla lezo
ezikwazi ukuzimela. Kunalo-
kho, uyayishwabadela inyama
yekhuluphele,[i] ahlephule izi-
nselo zezimvu.[j]

**17** Maye kumalusi wami onga-
sizi ngalutho,[k] oshiya um-
hlambi![l]
Inkemba iyoshaya ingalo
yakhe neso lakhe lesoku-
dla.
Ingalo yakhe iyobuna ngo-
kuphelele,
Iso lakhe lesokudla liyova-
leka ngokuphelele linga-
boni.”*

**12** Isimemezelo:
“Leli yizwi likaJehova
ngokuphathelene no-
Israyeli,” kusho uJe-
hova,
Yena owelula amazulu,[a]
Wabeka isisekelo som-
hlaba,[b]
Owadala umoya womuntu
ngaphakathi kuye.

**2** “Bheka ngenza iJerusale-
ma libe yindebe* eyenza zonke
izizwe ezilizungezile zidiyaze-
le; uJuda neJerusalema ku-
yovinjezelwa.[c] **3** Ngalolo suku
ngiyokwenza iJerusalema libe
yitshe elisindayo* kuzo zo-
nke izizwe. Bonke abaliqukula-
yo nakanjani bayolimala kabi;[d]
zonke izizwe zomhlaba zi-
yobuthana ngokumelene nalo.[e]
**4** Ngalolo suku,” kusho uJe-
hova, “ngiyoshaya wonke ama-
hhashi ngokwethuka nabagibe-
li bawo ngobuhlanya. Ngiyo-
hlala ngiyibhekile indlu ka-
Juda, kodwa ngishaye wo-
nke amahhashi ezizwe ngo-
bumpumputhe. **5** Abaholi ba-
kwaJuda bayothi ezinhliziywe-
ni zabo, ‘Abakhile eJerusale-
ma bangamandla kimi ngenxa
kaJehova wamabutho uNkulu-
nkulu wabo.’[f] **6** Ngalolo suku
ngiyokwenza abaholi bakwaJu-
da babe njengomlilo* phakathi
kwezinkuni nanjengesibani esi-
vuthayo ezithungwini zokudla
okusanhlamvu okuvuniwe,[g] ba-
yoshwabadela zonke izizwe
ezingasesandleni sokudla ne-
zingakwesobunxele nxazonke;[h]
iJerusalema lizophinde libe na-
bantu endaweni yalo,# eJerusa-
lema.[i]
**7** “UJehova uyoqale asindi-
se amatende kaJuda, ukuze

---

**11:12** *NgesiHebheru, “Bakala.” **11:13** *Noma, “eliwubala.” **11:17** *NgesiHebheru, “liyonqundeka ngokuphelele.”

**12:2** *Noma, “yisitsha.” **12:3** *Noma, “eliwumthwalo.” **12:6** *Noma, “njengembawula.” #Noma, “yalo efanele.”

---

ISAHL. 11
a Mat 26:14, 15; Mat 27:9; Mar 14:10, 11
b Eks 21:32
c Mat 27:5, 6; IzE 1:18
d Zak 11:7
e 1Kh 12:19, 20; Hez 37:16
f Hez 34:2, 4
g Jer 23:2; Hez 34:6; Mat 9:36
h Hez 34:21
i Gen 31:38
j Hez 34:3, 10
k Jer 23:1; Mat 23:13
l Joh 10:12

Uhla 2

ISAHL. 12
a Job 26:7; Isay 42:5
b Hu 102:25; Isay 45:18
c Zak 14:14
d Zef 3:19
e Zak 14:2, 3
f Isay 41:10; Jow 3:16; Zak 12:8
g Isay 41:15
h Mik 4:13; Zak 9:15
i Zak 2:4

ubuhle* bendlu kaDavide nobu-
hle# bezakhamuzi zaseJerusa-
lema bungabi bukhulu kakhu-
lu phezu kukaJuda. **8** Ngalolo
suku uJehova uyoba yisivike-
lo nxazonke zabakhile eJeru-
salema;[a] okhubekayo* phaka-
thi kwabo uyoba njengoDavide
ngalolo suku, indlu kaDavide
ibe njengoNkulunkulu, njenge-
ngelosi kaJehova ehamba pha-
mbi kwabo.[b] **9** Ngalolo suku
ngiyoqiniseka ukuthi ngiyazi-
bhuqa zonke izizwe ezihlasela
iJerusalema.[c]

**10** “Endlini kaDavide nase-
zakhamuzini zaseJerusalema
ngiyothululela umoya womu-
sa nowokuncenga, bayombhe-
ka lowo abamgwaza,[d] bayom-
khalela njengoba bengakhalela
indodana okuwukuphela kwa-
yo; bayomlilela kalusizi njengo-
ba bengalilela indodana eyizi-
bulo. **11** Ngalolo suku isili-
lo eJerusalema siyoba sikhu-
lu, njengesililo saseHadadiri-
moni eThafeni LaseMegido.[e]
**12** Izwe liyolila, umndeni nga-
munye; umndeni wendlu kaDa-
vide ngawodwana, nabesifaza-
ne bawo ngabodwana; umndeni
wendlu kaNathani[f] ngawodwa-
na, nabesifazane bawo nga-
bodwana; **13** umndeni we-
ndlu kaLevi[g] ngawodwana, na-
besifazane bawo ngabodwana;
umndeni wamaShimeyi[h] nga-
wodwana, nabesifazane bawo
ngabodwana; **14** nayo yonke
imindeni esele, yilowo nalowo
mndeni ngawodwana, nabesi-
fazane bayo ngabodwana.

**13** “Ngalolo suku kuyombi-
wa umthombo wendlu
kaDavide nabakhile eJerusale-
ma ukuze kuhlanzwe isono no-
kungcola.[i]

**2** “Ngalolo suku,” kusho uJe-
hova wamabutho, “ngiyowasu-
la amagama ezithixo ezwe-
ni,[a] ngeke esakhunjulwa; ngi-
yobaqeda nabaprofethi[b] nomo-
ya wokungahlanzeki ezweni.
**3** Uma umuntu ephinda epro-
fetha, uyise nonina abamzala-
yo bayothi kuye, ‘Ngeke uphile,
ngoba ukhulume amanga ega-
meni likaJehova.’ Uyise nonina
abamzalayo bayomgwaza nge-
nxa yokuprofetha kwakhe.[c]

**4** “Ngalolo suku ngamunye
wabaprofethi uyoba namahloni
ngombono wakhe lapho epro-
fetha; ngeke basigqoke ise-
mbatho soboya esikhetheki-
le[d] ngenjongo yokukhohlisa.
**5** Uyothi, ‘Angiyena umprofe-
thi. Ngingumlimi,* ngoba umu-
ntu wangithenga ngaba yisigqi-
la ngisemncane.’ **6** Uma othi-
le embuza ethi, ‘Awani la
manxeba asemhlane wakho?’*
Uyophendula athi, ‘Lawa ama-
nxeba engiwathole endlini ya-
bangani bami.’ ”#

**7** “O nkemba, vuka umelane
nomalusi wami,[e]
Umelane nendoda engum-
ngani wami,” kusho uJe-
hova wamabutho.
“Shaya umalusi,[f] umhla-
mbi* uhlakazeke;[g]
Ngizophakamisa isandla
sami ngokumelene naba-
ngelutho.”
**8** “Ezweni lonke,” kusho uJe-
hova,
“Izingxenye ezimbili kwezi-
ntathu zabantu kulo ziyo-
bulawa zishabalale;*

ISAHL. 12
a Jer 23:6; Jow 3:16; Zak 2:5; Zak 9:15
b Eks 14:19; Eks 23:20
c Isay 54:17; Hag 2:22
d Joh 19:34, 37; Joh 20:27; IsA 1:7
e 2Kh 23:29; 2Kr 35:22
f 2Sa 5:13, 14; Luk 3:23, 31
g Eks 6:16
h Eks 6:17; 1Kr 23:10

ISAHL. 13
i Hez 36:25, 29

Uhla 2
a Eks 23:13
b Dut 13:5
c Dut 13:6-9; Dut 18:20
d 2Kh 1:8; Mat 3:4
e Hez 34:23; Mik 5:4; Joh 10:11; Heb 13:20
f Isay 53:8; Dan 9:26; IzE 3:18
g Mat 26:31; Mat 26:55, 56; Mar 14:27, 50; Joh 16:32

**12:7** *Noma, “ubukhazikhazi.” #Noma, “nobukhazikhazi.” **12:8** *Noma, “ongenamandla.”

**13:5** *NgesiHebheru, “Ngingumuntu olima inhlabathi.” **13:6** *NgesiHebheru, “aphakathi kwezandla zakho?” Okuwukuthi, esifubeni noma emhlane. #Noma, “yalabo abangithandayo.” **13:7** *Noma, “izimvu.” **13:8** *Noma, “zife.”

Ingxenye yesithathu iyosa-
la kulo.
9 Ingxenye yesithathu ngiyo-
yidlulisa emlilweni;
Ngiyobacwenga njengoba
kucwengwa isiliva,
Ngibavivinye njengoba ku-
vivinywa igolide.[a]
Bayobiza igama lami,
Mina ngibaphendule.
Ngiyothi, 'Bangabantu
bami,'[b]
Bona bathi, 'UJehova ungu-
Nkulunkulu wethu.' "

**14** "Bheka! Usuku luyeza,
usuku lukaJehova, impa-
ngo ethathwe kuwe* iyohlu-
kaniselwa kuwe. 2 Ngiyobu-
tha zonke izizwe ukuba zi-
lwe neJerusalema; leli dolo-
bha liyonqotshwa izindlu zi-
phangwe, abesifazane bayo-
dlwengulwa. Ingxenye yabantu
bedolobha iyoya ekudingiswe-
ni, kodwa abantu abasele, nge-
ke basuswe edolobheni.
3 "UJehova uyophuma alwe
nalezo zizwe[c] njengalapho elwa
ngosuku lwempi.[d] 4 Ngalolo
suku izinyawo zakhe ziyo-
ma phezu kweNtaba Yemi-
nqumo,[e] ebhekene neJerusale-
ma ngasempumalanga; iNtaba
Yeminqumo iyohlukana phaka-
thi, kusukela empumalanga
kuya entshonalanga,* kube ne-
sigodi esikhulu kakhulu; ingxe-
nye yentaba iyogudlukela enya-
katho, nengxenye yayo eni-
ngizimu. 5 Niyobalekela esi-
godini esiphakathi kwezintaba
zami, ngoba isigodi sezintaba
siyoze sifinyelele e-Azeli. Kuyo-
melwe nibaleke, njengoba nje
nabaleka ngenxa yokuzamaza-
ma komhlaba ezinsukwini zika-
Uziya inkosi yakwaJuda.[f] UJe-
hova uNkulunkulu wami uyoza,
bonke abangcwele bayobe be-
kanye naye.[a]
6 "Ngalolo suku ngeke kube
khona ukukhanya okuyigu-
gu[b]—izinto ziyojiya.* 7 Kuyo-
ba usuku olulodwa olwazi-
wa njengolukaJehova.[c] Nge-
ke kube yimini, futhi nge-
ke kube ngubusuku; ngesikha-
thi sakusihlwa kuyoba noku-
khanya. 8 Ngalolo suku ama-
nzi anika ukuphila[d] ayogeleza
ephuma eJerusalema,[e] ingxe-
nye yawo iye olwandle olunga-
sempumalanga*[f] enye ingxe-
nye iye olwandle olungase-
ntshonalanga.#[g] Kuyokwenze-
ka ehlobo nasebusika. 9 UJe-
hova uyoba yiNkosi phezu kwa-
wo wonke umhlaba.[h] Ngalolo
suku uJehova uyoba munye,[i]
negama lakhe libe linye.[j]
10 "Lonke izwe liyoba nje-
nge-Araba,[k] kusukela eGeba[l]
kuya eRimoni[m] ngaseningizimu
yeJerusalema; iJerusalema li-
yophakama endaweni yalo ku-
hlale abantu kulo,[n] kusuke-
la eSangweni LikaBhenjamini[o]
kuqhubeke kuze kufike enda-
weni yeSango Lokuqala, kuze
kuyofika eSangweni Elisekho-
neni, kusukela futhi eMbho-
shongweni kaHananeli[p] kuze
kuyofika ezikhamweni* zewayi-
ni zenkosi. 11 Kuyohlala aba-
ntu kulo; ngeke liphinde litho-
le isiqalekiso sokubhujiswa,[q]
abahlala eJerusalema bayohla-
la ngokulondeka.[r]
12 "Nasi isishayo uJehova
ayoshaya ngaso bonke aba-
ntu bezizwe ezilwa neJerusale-
ma:[s] Inyama yabo iyobola bemi

**ISAHL. 13**
a Mal 3:2, 3
b Jer 30:22

**ISAHL. 14**
c Hez 38:23; Jow 3:2, 14; IsA 16:14
d Eks 15:3; 2Kr 20:15
e Luk 19:29; IzE 1:12
f Amo 1:1

**Uhla 2**
a Dut 33:2; Jow 3:11; Jud 14
b Isay 13:9, 10; Amo 5:18
c Jow 2:31; 1Th 5:2; 2Pe 3:10
d IsA 21:6; IsA 22:17
e Jer 17:13; Hez 47:1; Jow 3:18; IsA 22:1
f Dut 3:17
g Jos 1:4
h Hu 97:1; IsA 19:6
i Dut 6:4
j Isay 42:8; Isay 44:6
k Dut 1:7
l 1Kh 15:22
m 1Kr 4:24, 32
n Jer 30:18
o Jer 37:13
p Neh 3:1; Jer 31:38
q Isay 60:18; Jer 31:40
r Jer 23:6; Jer 33:16
s 2Kh 19:34, 35; Jow 3:2

**14:1** *Okuwukuthi, idolobha okukhulunywa ngalo evesini 2. **14:4** *NgesiHebheru, "kuya olwandle."

**14:6** *Noma, "ziyokuma zinganyakazi," njengokungathi ziqiniswe amakhaza. **14:8** *Okuwukuthi, uLwandle Olufile. #Okuwukuthi, uLwandle iMedithera. **14:10** *Noma, "emigodini yezikhamo."

ngezinyawo zabo; amehlo abo
ayobolela ezikhoxeni zawo, no-
limi lwabo luyobolela emilonye-
ni yabo.
**13** “Ngalolo suku uJehova
uyobangela isiphithiphithi pha-
kathi kwabo; umuntu uyoba-
mba isandla somngani wa-
khe, isandla sakhe siyomela-
na nesandla somngani wakhe.*[a]
**14** UJuda naye uyobe elwa eJe-
rusalema; umcebo wazo zo-
nke izizwe ezilizungezile uyobu-
thwa, igolide nesiliva nezingu-
bo, okuningi kakhulu.[b]
**15** “Isishayo esinjengaleso
sishayo siyokwehlela amahha-
shi, iminyuzi, amakamela, izi-
mbongolo nayo yonke imfuyo
eyobe ikulawo makamu.
**16** “Wonke umuntu osele
kuzo zonke lezo zizwe ezihla-
sela iJerusalema uyokhuphu-
ka unyaka nonyaka[c] ayokho-
thamela* iNkosi, uJehova wa-
mabutho,[d] agubhe noMkhosi
Wamadokodo.#[e] **17** Kodwa
uma noma ubani ovela eminde-
nini yomhlaba engayi eJeru-
salema ukuyokhothamela iNko-
si, uJehova wamabutho, nge-
ke ayithole imvula.[a] **18** Uma
umndeni waseGibhithe unga-
yi futhi ungangeni edolobheni,
nawo ngeke uyithole imvula.
Kunalokho, uyothola isishayo
uJehova ashaya ngaso izizwe
ezingayi ukuyogubha uMkhosi
Wamadokodo. **19** Lokhu ku-
yoba yisijeziso sesono saseGi-
bhithe nesesono sazo zonke
izizwe ezingayi ukuyogubha
uMkhosi Wamadokodo.
**20** “Ngalolo suku amazwi
athi ‘ubuNgcwele bungobuka-
Jehova!’[b] ayobhalwa ezinsimbi-
ni ezikhencezayo zamahhashi.
Amabhodwe okupheka*[c] endli-
ni kaJehova ayoba njengezi-
tsha ezingcwele[d] phambi kwe-
altare. **21** Wonke amabhodwe
okupheka* eJerusalema na-
kwaJuda ayoba ngcwele futhi
abe ngakaJehova wamabutho,
nabo bonke abenza imihlatshe-
lo bayongena basebenzise ama-
nye awo ukuze babilise. Ngalo-
lo suku ngeke kuphinde kube
nomKhanani# endlini kaJehova
wamabutho.”[e]

---

**14:13** *Noma, “umuntu uyohlasela omunye.” **14:16** *Noma, “ayokhonza.” #Noma, “Wezindlwana Zesikhashana.”

**14:20** *Noma, “Amabhodwe okupheka anomlomo obanzi.” **14:21** *Noma, “amabhodwe okupheka anomlomo obanzi.” #Noma kungaba, “nomhwebi.”

ISAHL. 14
a Hlu 7:22; Hez 38:21
b 2Kr 14:13; 2Kr 20:25; Zak 2:8, 9
c Isay 66:23
d Hu 86:9
e Lev 23:34; Neh 8:14, 15

Uhla 2
a Isay 60:12
b Eks 28:36; Eks 39:30
c 1Sa 2:13, 14
d Eks 25:29; Num 4:7
e Hez 44:9

# UMALAKI

## UHLU LOKUPHAKATHI

1 Uthando lukaJehova ngabantu bakhe (1-5)
 Abapristi banikela imihlatshelo esezingeni eliphansi (6-14)
  Igama likaNkulunkulu liyoba likhulu phakathi kwezizwe (11)

2 Abapristi bayehluleka ukufundisa abantu (1-9)
 Izindebe zabapristi kufanele zifundise ulwazi (7)
 Abantu banecala lokudivosa ngokungafanele (10-17)
  “‘Ngiyayizonda idivosi,’ kusho uJehova” (16)

3 INkosi yeqiniso iyofika izohlanza ithempeli layo (1-5)

- Isithunywa sesivumelwano (1)
- Isikhuthazo sokubuyela kuJehova (6-12)
  - UJehova akashintshi (6)
  - “Buyelani kimi, nami ngizobuyela kini” (7)
  - ‘Kuletheni konke okweshumi, uJehova uzothulula izibusiso’ (10)
- Abalungile nababi (13-18)
  - Kubhalwa incwadi yenkumbulo phambi kukaNkulunkulu (16)
  - Umehluko phakathi kolungile nomubi (18)

4 Ukufika kuka-Eliya ngaphambi kosuku lukaJehova (1-6)
- “Ilanga lokulunga liyokhanya” (2)

**1** Isimemezelo: Izwi likaJehova eliya ku-Israyeli ngoMalaki:*

**2** “Nginibonisile uthando,”[a] kusho uJehova.

Kodwa nithi: “Usibonise kanjani uthando?”

“U-Esawu wayengeyena yini umfowabo kaJakobe?”[b] kusho uJehova. “Kodwa ngangimthanda uJakobe, **3** u-Esawu yena ngangimzonda;[c] ngenza izintaba zakhe zaba yincithakalo[d] nefa lakhe ngalishiyela izimpungushe zehlathi.”[e]

**4** “Nakuba u-Edomi ethi, ‘Sichithiwe, kodwa sizobuya sizakhe kabusha izindawo ezibhuqiwe,’ yilokhu uJehova wamabutho akushoyo, ‘Bazokwakha, kodwa mina ngizodiliza, bayobizwa ngokuthi “yindawo yobubi” nangokuthi “isizwe esilahlwe nguJehova phakade.”[f] **5** Amehlo enu ayokubona, niyothi: “Kwangathi uJehova angaphakanyiswa phezu kwendawo yakwa-Israyeli.” ’ ”

**6** “ ‘Indodana iyamhlonipha uyise,[g] nenceku iyayihlonipha inkosi yayo. Ngakho uma ngingunguyihlo,[h] iphi inhlonipho engifanele?[i] Uma ngiyinkosi,* kuphi ukwesatshwa# okungifanele?’ Kusho mina Jehova wamabutho kini bapristi abadelela igama lami.[a]

“ ‘Kodwa nina nithi: “Silidelele kanjani igama lakho?” ’

**7** “ ‘Ngokuletha ukudla* okungcolile e-altare lami.’

“ ‘Nithi: “Sikungcolise kanjani?” ’

“ ‘Ngokuthi nithi: “Itafula likaJehova[b] liyinto yokudelelwa.” **8** Lapho niletha isilwane esiyimpumputhe njengomhlatshelo, nithi: “Akukubi.” Nalapho niletha isilwane esilunyonga noma esigulayo, nithi: “Akukubi.” ’ ”[c]

“Ake nizame ukusiyisa kumbusi wenu. Ingabe uzojabula ngani noma anamukele ngomusa?” kusho uJehova wamabutho.

**9** “Ngicela ninxuse uNkulunkulu,* ukuze asibonise umusa. Ngale mihlatshelo eniyilethayo, ukhona yini kini angamamukela ngomusa?” kusho uJehova wamabutho.

**10** “Ngubani phakathi kwenu ozimisele ukuvala iminyango?*[d] Ngoba ngeke nikhanyise ngisho i-altare lami mahhala.[e] Angijabuli ngani,” kusho uJehova

**ISAHL. 1**
- *a* Dut 10:15
- *b* Gen 25:25, 26
- *c* Rom 9:13
- *d* Jer 49:20; Jow 3:19
- *e* Isay 34:10, 13
- *f* Isay 34:5; Obad 18
- *g* Eks 20:12
- *h* Eks 4:22
- *i* Isay 1:2

**Uhla 2**
- *a* Hez 22:26
- *b* Hez 41:21, 22; 1Ko 10:21
- *c* Lev 22:20, 22; Dut 15:21
- *d* 2Kr 23:4
- *e* Jer 6:13; Mik 3:11

**1:1** *Incazelo: “Isithunywa Sami.” **1:6** *Noma, “ngiyinkosi enkulu.” #Noma, “iphi inhlonipho.”

**1:7** *NgesiHebheru, “isinkwa.” **1:9** *Noma, “nithambise ubuso bukaNkulunkulu.” **1:10** *Ngokusobala, iminyango yethempeli, njengomsebenzi.

wamabutho, “nanganoma yimi-
phi iminikelo yesipho evela
kini.”[a]
**11** “Kusukela ekuphumeni
kwelanga kuze kube sekusho-
neni kwalo, igama lami liyo-
ba likhulu phakathi kwezizwe.[b]
Kuzo zonke izindawo kuyoshu-
nqiswa imihlatshelo, kuyokwe-
nziwa iminikelo egameni lami,
njengesipho esihlanzekile; ngo-
ba igama lami liyoba likhu-
lu phakathi kwezizwe,”[c] kusho
uJehova wamabutho.
**12** “Kodwa nina niyalingco-
lisa*[d] ngokusho kwenu uku-
thi, ‘Itafula likaJehova lingco-
lile futhi isithelo salo, uku-
dla kwalo, kumele kudelele-
lwe.’[e] **13** Niphinde nithi, ‘Bhe-
ka! Kwaze kwanesidina!’ ninyi-
pha ngendelelo,” kusho uJeho-
va wamabutho. “Niletha izilwa-
ne ezebiwe, ezilunyonga nezi-
gulayo. Yebo, zinjalo izipho eni-
zilethayo! Ingabe kufanele ngi-
zamukele esandleni senu?”[f] ku-
sho uJehova.
**14** “Uqalekisiwe umuntu
onobuqili, onesilwane seduna
emhlanjini wakhe, kodwa enze
isifungo amhlabele okunesici*
uJehova. Ngoba mina ngiyi-
Nkosi enkulu,”[g] kusho uJehova
wamabutho, “igama lami liyo-
sabeka phakathi kwezizwe.”[h]

**2** “Lo myalo ubhekiswe kini
bapristi.[i] **2** Uma nenqaba
ukulalela, ningakunaki ukukha-
zinyuliswa kwegama lami,” ku-
sho uJehova wamabutho, “Ngi-
yothumela kini isiqalekiso[j] futhi
ngiyophendula izibusiso zenu
zibe yiziqalekiso.[k] Yebo, ngizi-
phendulile izibusiso zenu zaba
yiziqalekiso ngoba aninaki.”
**3** “Bhekani! Ngizoyona*
imbewu yenu etshaliwe nge-
nxa yezenzo zenu,[a] ngizosaka-
za ubulongwe ebusweni benu,
ubulongwe bemikhosi yenu; ni-
yolahlwa enqwabeni yobulo-
ngwe.* **4** Khona-ke niyokwazi
ukuthi ngininike lo myalo uku-
ze isivumelwano sami noLevi
siqhubeke,”[b] kusho uJehova
wamabutho.
**5** “Isivumelwano sami enga-
senza naye kwakungesokuphi-
la nokuthula, engamnika kona
kanye nokwesaba.* Wangesa-
ba, yebo, wethuka ngenxa ye-
gama lami. **6** Umthetho* we-
qiniso wawusemlonyeni wa-
khe,[c] ukungalungi akutholaka-
langa ezindebeni zakhe. Waha-
mba nami ngokuthula nango-
buqotho,[d] futhi wabuyisa
abaningi esonweni. **7** Izinde-
be zompristi kufanele zifundi-
se ulwazi ngoNkulunkulu, aba-
ntu kufanele bafune umthetho*
emlonyeni wakhe[e] ngoba uyisi-
thunywa sikaJehova wamabu-
tho.
**8** “Kodwa nina niphambuki-
le endleleni. Nibangele aba-
ningi ukuba bakhubeke ngo-
kuphathelene nomthetho.*[f] Ni-
sonakalisile isivumelwano si-
kaLevi,”[g] kusho uJehova wa-
mabutho. **9** “Ngakho ngizone-
nza ukuba nidelelwe futhi nibe
phansi kubo bonke abantu
ngoba anizigcinanga izindlela
zami kodwa nabonisa ukukhe-
tha lapho nisebenzisa umthe-
tho.”[h]
**10** “Asinaye yini ubaba oye-
dwa sonke?[i] Asidalwanga yini
uNkulunkulu oyedwa? Pho ku-
ngani sikhohlisana,[j] singcoli-
sa isivumelwano sokhokho be-

ISAHL. 1
*a* Isay 1:11; Jer 6:20
*b* Hu 113:3; Isay 45:6; Isay 59:19
*c* Hu 22:27; Zef 3:9; Mat 28:19; IsA 15:4
*d* Hez 22:26
*e* Mal 1:7
*f* Lev 22:20, 22; Dut 15:21; Dut 17:1
*g* Hu 47:2; Jer 10:10
*h* IsA 15:4

ISAHL. 2
*i* Mal 1:6
*j* Lev 26:14-17; Dut 28:15
*k* Hag 1:11

Uhla 2
*a* Jow 1:17
*b* Eks 40:12, 15; Num 3:6; Num 18:23; Hez 44:15, 16
*c* 2Kr 17:8, 9
*d* Eks 32:26
*e* Dut 24:8; 2Kr 15:3; Neh 8:7, 8; Hez 44:23, 24
*f* Luk 11:52
*g* Neh 13:29
*h* Lev 19:15; Dut 1:17; Dut 16:19
*i* Mal 1:6; 1Ko 8:6
*j* Neh 5:8

---

**1:12** *Noma kungaba, “niyangingcolisa.” **1:14** *Noma, “okonakele.” **2:3** *NgesiHebheru, “Ngizokhuza.”

**2:3** *Okuwukuthi, endaweni lapho ubulongwe bemihlatshelo babulahlwa khona. **2:5** *Noma, “nenhlonipho.” **2:6** *Noma, “Umyalo.” **2:7** *Noma, “isiqondiso.” **2:8** *Noma kungaba, “nesiqondiso senu.”

thu? **11** UJuda wenze ngokukhohlisa, futhi kwenziwe into enyanyekayo kwa-Israyeli naseJerusalema; ngoba uJuda akamhloniphanga uJehova,*[a] Yena othanda okungcwele, futhi uthathe indodakazi yomunye unkulunkulu ukuba ibe ngumakoti wakhe.[b] **12** UJehova uyobulala wonke umuntu owenza lokhu ematendeni kaJakobe, noma ngabe ubani,* ngisho noma enikela umnikelo wesipho kuJehova wamabutho."[c]

**13** "Kukhona okunye* enikwenzayo, okubangela ukuba i-altare likaJehova limbozwe izinyembezi, isililo nokububula, kangangokuba akasayinaki iminikelo yenu yesipho noma ajabulele noma yini evela esandleni senu.[d] **14** Nina nithi, 'Ngasiphi isizathu?' Ngenxa yokuthi uJehova ube ufakazi phakathi kwakho nenkosikazi yobusha bakho, oyikhohlisile, nakuba ingumngani wakho nenkosikazi yakho ngokwesivumelwano.*[e] **15** Kodwa ukhona ongazange akwenze, ngoba wayenokusele komoya. Wayefunani lowo muntu? Inzalo* kaNkulunkulu. Ziqapheni ngokuqondene nomoya wenu, ningayikhohlisi inkosikazi yobusha benu. **16** Ngoba ngiyayizonda* idivosi,"[f] kusho uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli, "nalowo omboza ingubo yakhe ngobudlova,"# kusho uJehova wamabutho. "Ziqapheni ngokuqondene nomoya wenu, ningenzi ngokukhohlisa.[g]

**17** "Nimenze wakhathala uJehova ngamazwi enu.[a] Kodwa nina nithi 'Simkhathaze kanjani?' Ngokusho kwenu ukuthi, 'Wonke umuntu owenza okubi muhle emehlweni kaJehova, uyajabula ngaye,'[b] noma ngokuthi, 'Uphi uNkulunkulu wobulungisa?' "

**3** "Bheka! Ngithuma isithunywa sami, siyolungisa indlela phambi kwami.[c] INkosi yeqiniso eniyifunayo iyofika kungazelelwe ethempelini layo;[d] nesithunywa sesivumelwano enijabula ngaso siyofika. Bheka! Iyofika nakanjani," kusho uJehova wamabutho.

**2** "Kodwa ngubani oyolukhuthazelela usuku lokufika kwayo, ngubani oyoma lapho ibonakala? Ngoba iyoba njengomlilo womcwengi nanjengensipho[e] yabahlanzi bezingubo. **3** Iyohlala njengomcwengi nanjengomhlanzi wesiliva,[f] ihlanze amadodana kaLevi; iyowacwenga njengegolide nanjengesiliva, futhi kuJehova ayoba ngabantu abaletha umnikelo wesipho ngokulunga. **4** Umnikelo wesipho kaJuda noweJerusalema uyojabulisa* kuJehova, njengasezinsukwini zakudala nanjengaseminyakeni yasendulo.[g]

**5** "Ngiyoza kini ngenjongo yokwahlulela, ngiyoba ngufakazi osheshayo ngokumelene nabathakathi,[h] iziphingi, abafunga amanga,[i] abaqola isisebenzi esiqashiwe[j] nomfelokazi nentandane,[k] nabenqaba ukusiza isifiki.*[l] Laba abazange bangesabe," kusho uJehova wamabutho.

**ISAHL. 2**
- a Lev 20:26
- b Dut 7:1, 3; Hlu 3:5, 6; 1Kh 11:1, 2; Neh 13:23
- c 1Sa 15:22
- d IzA 21:27
- e IzA 5:18-20; Mat 19:4-6
- f Gen 2:24; Mat 5:32; Mat 19:8, 9; Mar 10:5-9
- g Mal 2:10

**Uhla 2**
- a Isay 1:14, 15
- b Hez 18:29

**ISAHL. 3**
- c Mat 3:1-3; Mat 11:7, 10; Mar 1:2-4; Luk 1:76; Joh 1:6, 23; Joh 3:28
- d Hu 11:4
- e Isay 1:25; Jer 2:22
- f Hu 66:10; IzA 25:4; Zak 13:9
- g 2Kr 7:1
- h Dut 18:10, 12
- i Eks 20:7
- j IzA 14:31; Jak 5:4
- k Dut 24:17; Isay 1:17; Jak 1:27
- l Eks 23:9; Zak 7:10

**2:11** *Noma kungaba, "indawo engcwele." **2:12** *NgesiHebheru, "lowo ophapheme nophendulayo." **2:13** *NgesiHebheru, "okwesibili." **2:14** *Noma, "ngokomthetho." **2:15** *NgesiHebheru, "Imbewu." **2:16** *NgesiHebheru, "uyayizonda." #Noma, "onobudlova."

**3:4** *Noma, "uyoba ngowanelisayo." **3:5** *Noma, "nabagodlela isifiki amalungelo aso."

**6** “Ngoba nginguJehova; angishintshi.*[a] Nina ningamadodana kaJakobe. Yingakho ningakapheli. **7** Kusukela ezinsukwini zokhokho benu niphambukile eziqondisweni zami futhi anizange nizigcine.[b] Buyelani kimi, nami ngizobuyela kini,”[c] kusho uJehova wamabutho.

Nina nithi: “Sizobuya kanjani?”

**8** “Umuntu nje angamqola yini uNkulunkulu? Kodwa nina niyangiqola.”

Kodwa nithi: “Sikuqole ngayiphi indlela?”

“Ngokweshumi nangeminikelo. **9** Niqalekisiwe* ngoba niyangiqola—yebo, isizwe sonke siyangiqola. **10** Kuletheni konke okweshumi enqolobaneni,[d] ukuze kube nokudla endlini yami;[e] ngicela ningivivinye kulesi sici,” kusho uJehova wamabutho, “ukuze nibone ukuthi ngeke yini nginivulele amasango asemazulwini[f] nginithululele isibusiso nize ningasweli lutho.”[g]

**11** “Ngiyonikhuzela okushwabadelayo,* ngeke kusichithe isithelo sezwe lenu, nesihlahla samagilebhisi ensimini yenu ngeke singatheli,”[h] kusho uJehova wamabutho.

**12** “Zonke izizwe ziyothi niyajabula,[i] ngoba izwe lenu liyoba yizwe lenjabulo,” kusho uJehova wamabutho.

**13** “Amazwi eniwakhulume ngokumelene nami anendelelo,” kusho uJehova.

Nina nithi: “Yini esiyikhulume ngokumelene nawe?”[j]

**14** “Nithi, ‘Akusizi ngalutho ukukhonza uNkulunkulu.[a] Kusisize ngani ukugcina izibopho zethu kuJehova wamabutho, nokudangala ngenxa yesono sethu? **15** Manje abantu abagabadelayo sibabheka njengabajabule. Abenza okubi bayaphumelela.[b] Bavivinya uNkulunkulu bengenamahloni futhi baphunyuke.’ ”

**16** Ngaleso sikhathi abesaba uJehova bakhuluma yilowo nalowo nomngani wakhe, uJehova waqhubeka enakile futhi elalele. Kwabhalwa incwadi yenkumbulo phambi kwakhe[c] ngokuphathelene nalabo abesaba uJehova nalabo abacabanga* ngegama lakhe.#[d]

**17** “Bayoba ngabami,”[e] kusho uJehova wamabutho, “mhla ngiveza impahla ekhethekile.*[f] Ngiyobabonisa isihe, njengoba umuntu ebonisa indodana yakhe emkhonzayo isihe.[g] **18** Niyophinde niwubone umehluko phakathi komuntu olungile nomuntu omubi,[h] phakathi kokhonza uNkulunkulu nongamkhonzi.”

**4** “Bheka! luyeza usuku oluvutha njengesithando somlilo,[i] lapho bonke abagabadelayo nabo bonke abenza okubi beyoba njengezinhlanga. Usuku oluzayo ngokuqinisekile luyobashwabadela,” kusho uJehova wamabutho, “ngeke lubashiyele mpande nagatsha. **2** Kodwa ilanga lokulunga liyokhanya kini, nina enihlonipha* igama lami, linokwelapha emisebeni yalo;# niyogxumagxuma njengamathole akhuluphele.”

ISAHL. 3
- a Isay 43:10 Isay 46:4 Jak 1:17
- b Dut 9:7 IzE 7:51
- c Jer 3:12 Zak 1:3 Jak 4:8
- d Lev 27:30 Dut 14:28
- e 2Kr 31:11 Neh 12:44 Neh 13:10
- f Dut 28:12
- g Lev 26:10 2Kr 31:10 IzA 3:9, 10
- h Dut 11:14 Zak 8:12
- i Isay 61:9
- j Mal 1:6

Uhla 2
- a Job 21:14, 15 Hu 73:13, 14 Isay 58:3 Zef 1:12
- b Jer 12:1
- c Hu 56:8 Hu 69:28
- d Isay 26:8
- e Jer 31:33
- f Isay 62:3 1Pe 2:9
- g Hu 103:13
- h Hu 58:10, 11

ISAHL. 4
- i Zef 2:2 2Pe 3:7

---

**3:6** *Noma, “angizange ngishintshe.” **3:9** *Noma kungaba, “Ngesiqalekiso niyangiqalekisa.” **3:11** *Cishe kushiwo isishayo sezinambuzane.

**3:16** *Noma, “abazindla.” #Noma kungaba, “abaphatha igama lakhe njengeliyigugu.” **3:17** *Noma, “eyigugu.” **4:2** *NgesiHebheru, “enesaba.” #NgesiHebheru, “emaphikweni alo.”

3 “Niyobanyathela ababi,
ngoba bayoba njengothuli nga-
phansi kwezinyawo zenu ngo-
suku engiyothatha ngalo isinya-
thelo,” kusho uJehova wamabu-
tho.
4 “Khumbulani uMthetho Ka-
Mose inceku yami, iziqondi-
so nezahlulelo engamyala ngazo
eHorebe ukuze wonke u-Israyeli
alalele.[a]
5 “Bhekani! Ngithumela kini
u-Eliya umprofethi[a] ngaphambi
kokuza kosuku lukaJehova olu-
khulu nolwesabekayo.[b] 6 Uyo-
kwenza izinhliziyo zoyise zibe
njengezabantwana,[c] nezinhlizi-
yo zabantwana zibe njengezoyi-
se,* ukuze ngingafiki ngishaye
umhlaba ngiwubhubhise.”

ISAHL. 4
a Dut 4:5

Uhla 2
a Mat 11:13, 14
Mar 9:11, 12
b Jow 2:31
IzE 2:20
2Pe 3:10
c Luk 1:17

4:6 * Noma, “Uyobuyisela izinhliziyo zoyise kubantwana, nezinhliziyo zabantwana koyise.”

**(Iphela lapha inguqulo yemiBhalo YesiHebheru nesi-Aramu, izolandelwa eyemiBhalo YamaKristu YesiGreki)**

NGOKUKA-

# MATHEWU

UHLU LOKUPHAKATHI


1 Uhlu lozalo lukaJesu Kristu (1-17)
Ukuzalwa kukaJesu (18-25)

2 Kufika ababhula ngezinkanyezi (1-12)
Ukubalekela eGibhithe (13-15)
UHerode ubulala abafana abancane (16-18)
Ukubuyela eNazaretha (19-23)

3 UJohane uMbhapathizi uyashumayela (1-12)
Ukubhapathizwa kukaJesu (13-17)

4 UDeveli ulinga uJesu (1-11)
UJesu uqala ukushumayela eGalile (12-17)
Abafundi bokuqala bayabizwa (18-22)
UJesu uyashumayela, uyafundisa futhi uyelapha (23-25)

5 INTSHUMAYELO YASENTABENI (1-48)
UJesu uqala ukushumayela entabeni (1, 2)
Izizathu ezingu-9 zokujabula (3-12)
Usawoti nokukhanya (13-16)
UJesu ugcwalisa uMthetho (17-20)
Iseluleko mayelana nentukuthelo (21-26), ubufebe (27-30), idivosi (31, 32), izifungo (33-37), ukuphindisela (38-42), ukuthanda izitha (43-48)

6 INTSHUMAYELO YASENTABENI (1-34)
Gwemani ukubukisa ngezenzo zokulunga (1-4)
Indlela yokuthandaza (5-15)
Umthandazo oyisibonelo (9-13)
Ukuzila ukudla (16-18)
Ingcebo yasemhlabeni neyasezulwini (19-24)
Yekani ukukhathazeka (25-34)
Qhubekani nifuna uMbuso kuqala (33)

7 INTSHUMAYELO YASENTABENI (1-27)
Yekani ukwahlulela (1-6)
Qhubekani nicela, nifuna, ningqongqoza (7-11)
UMthetho Wegolide (12)
Isango elincane (13, 14)
Babonakala ngezithelo zabo (15-23)
Indlu edwaleni, indlu esihlabathini (24-27)
Izixuku ziyakhexa ngenxa yendlela kaJesu yokufundisa (28, 29)

8 Umuntu onochoko uyaphulukiswa (1-4)
Ukholo lwesikhulu sebutho (5-13)
UJesu welapha abaningi eKapernawume (14-17)
Indlela yokulandela uJesu (18-22)
UJesu uthulisa isiphepho (23-27)
UJesu uthumela amademoni ezingulubeni (28-34)

9 UJesu welapha okhubazekile (1-8)
UJesu ubiza uMathewu (9-13)
Umbuzo mayelana nokuzila ukudla (14-17)
Indodakazi kaJayiru; owesifazane uthinta ingubo kaJesu yangaphandle (18-26)
UJesu welapha abayizimpumputhe noyisimungulu (27-34)
Umsebenzi wokuvuna mkhulu kodwa izisebenzi zimbalwa (35-38)

10 Abaphostoli abangu-12 (1-4)
Iziqondiso zenkonzo (5-15)
Abafundi bayoshushiswa (16-25)
Yesabani uNkulunkulu, hhayi abantu (26-31)
Hhayi ukuthula kodwa inkemba (32-39)
Ukwamukela abafundi bakaJesu (40-42)

11 UJohane uMbhapathizi uyadunyiswa (1-15)
Isizukulwane esilukhuni siyalahlwa (16-24)
UJesu udumisa uYise ngokubonisa abathobekile umusa (25-27)
Ijoka likaJesu liyaqabula (28-30)

12 UJesu, "iNkosi yeSabatha" (1-8)
Umuntu onesandla esishwabene uyelapheka (9-14)
Inceku kaNkulunkulu ethandekayo (15-21)
Amademoni axoshwa ngomoya ongcwele (22-30)
Isono esingenakuthethelelwa (31, 32)
Isihlahla saziwa ngezithelo zaso (33-37)

Isibonakaliso sikaJona (38-42)
Lapho umoya ongcolile ubuya (43-45)
Umama kaJesu nabafowabo (46-50)

13 IMIFANEKISO YOMBUSO (1-52)
Umhlwanyeli (1-9)
Isizathu esenza uJesu wasebenzisa imifanekiso (10-17)
Umfanekiso womhlwanyeli uyachazwa (18-23)
Ukolweni nokhula (24-30)
Uhlamvu lwesinaphi nemvubelo (31-33)
Ukusetshenziswa kwemifanekiso kugcwalisa isiprofetho (34, 35)
Umfanekiso kakolweni nokhula uyachazwa (36-43)
Umcebo ofihliwe nepharele elihle (44-46)
Inetha (47-50)
Ingcebo yezinto ezintsha nezindala (51, 52)
UJesu akahlonishwa endaweni yakubo (53-58)

14 UJohane uMbhapathizi unqunywa ikhanda (1-12)
UJesu usuthisa abangu-5 000 (13-21)
UJesu uhamba phezu kwamanzi (22-33)
Ukwelashwa eGenesaretha (34-36)

15 Amasiko abantu ayadalulwa (1-9)
Ukungcola kuvela enhliziyweni (10-20)
Ukholo olukhulu lowesifazane ongumFenike (21-28)
UJesu welapha abantu abaningi abagulayo (29-31)
UJesu usuthisa abangu-4 000 (32-39)

16 Isicelo sokuvezelwa isibonakaliso (1-4)
Imvubelo yabaFarisi nabaSadusi (5-12)
Izihluthulelo zoMbuso (13-20)
Ibandla lakhiwa edwaleni (18)
Ukufa kukaJesu kuyabikezelwa (21-23)
Ukuba umfundi weqiniso (24-28)

17 Isimo sikaJesu siyaguqulwa (1-13)
Ukholo olulingana nohlamvu lwesinaphi (14-21)
Kuphinde kubikezelwa ngokufa kukaJesu (22, 23)
Intela ikhokhwa ngohlamvu lwemali oluvela emlonyeni wenhlanzi (24-27)

18 Omkhulu kunabo bonke eMbusweni (1-6)
Izikhubekiso (7-11)
Umfanekiso wezimvu ezidukile (12-14)
Indlela yokuzuza umfowenu (15-20)
Umfanekiso wenceku engathetheleli (21-35)

19 Umshado nedivosi (1-9)
Isipho sokuhlala ungashadile (10-12)
UJesu ubusisa izingane (13-15)
Umbuzo wensizwa ecebile (16-24)
Ukuzidela ngenxa yoMbuso (25-30)

20 Izisebenzi zasensimini yamagilebhisi neholo elilinganayo (1-16)
Kuphinde kubikezelwa ngokufa kukaJesu (17-19)
Izicelo zezikhundla eMbusweni (20-28)
UJesu uyisihlengo sabaningi (28)
Amadoda amabili ayizimpumputhe ayelashwa (29-34)

21 Indlela kaJesu yokungena ebonisa ukunqoba (1-11)
UJesu uhlanza ithempeli (12-17)
Isihlahla somkhiwane siyaqalekiswa (18-22)
Igunya likaJesu liphonselwa inselele (23-27)
Umfanekiso wamadodana amabili (28-32)
Umfanekiso wabalimi abangababulali (33-46)
Itshe legumbi eliyinhloko liyaliwa (42)

22 Umfanekiso wedili lomshado (1-14)
UNkulunkulu noKhesari (15-22)
Umbuzo ophathelene novuko (23-33)
Imiyalo emibili emikhulu kunayo yonke (34-40)
Ingabe uKristu uyindodana kaDavide? (41-46)

23 Ningabalingisi ababhali nabaFarisi (1-12)
Maye kubabhali nabaFarisi (13-36)
UJesu ulilela iJerusalema (37-39)

24 ISIBONAKALISO SOKUBA KHONA KUKAKRISTU (1-51)
Izimpi, indlala nokuzamazama komhlaba (7)
Izindaba ezinhle zizoshunyayelwa (14)
Usizi olukhulu (21, 22)
Isibonakaliso seNdodana yomuntu (30)
Isihlahla somkhiwane (32-34)
Njengasosukwini lukaNowa (37-39)
Hlalani nilindile (42-44)
Inceku ethembekile nenceku embi (45-51)

25 Isibonakaliso Sokuba Khona KukaKristu (1-46)
Umfanekiso wezintombi eziyishumi (1-13)
Umfanekiso wamathalenta (14-30)
Izimvu nezimbuzi (31-46)

26 Abapristi bakha uzungu lokubulala uJesu (1-5)
UJesu uthelwa ngamafutha anamakha (6-13)
IPhasika lokugcina nokukhashelwa (14-25)
Ukumiswa kweSidlo SeNkosi Sakusihlwa (26-30)
Kubikezelwa ukuthi uPetru uzophika uJesu (31-35)
UJesu uthandaza eGetsemane (36-46)
UJesu uyaboshwa (47-56)
Ukuthethwa kwecala phambi kweSanhedrini (57-68)
UPetru uphika uJesu (69-75)

27 UJesu unikelwa kuPilatu (1, 2)
UJuda uyazilengisa (3-10)
UJesu phambi kukaPilatu (11-26)
Wenziwa inhlekisa emphakathini (27-31)
Ubethelwa esigxotsheni eGolgotha (32-44)
Ukufa kukaJesu (45-56)
Ukungcwatshwa kukaJesu (57-61)
Ithuna liqashwa ngokucophelela (62-66)

28 UJesu uyavuswa (1-10)
Amasosha ayafumbathiswa ukuze aqambe amanga (11-15)
Umyalo wokwenza abafundi (16-20)

1 Incwadi yomlando* kaJesu Kristu,# indodana kaDavide,[a] indodana ka-Abrahama:[b]
2 U-Abrahama wazala u-Isaka;[c]
u-Isaka wazala uJakobe;[d]
uJakobe wazala uJuda[e] nabafowabo;
3 uJuda wazala uPherezi noZera[f] kuThamari;
uPherezi wazala uHezironi;[g]
uHezironi wazala uRamu;[h]
4 uRamu wazala u-Aminadaba;
u-Aminadaba wazala uNaheshoni;[i]
uNaheshoni wazala uSalimoni;
5 uSalimoni wazala uBhowazi kuRahabi;[j]
uBhowazi wazala u-Obede kuRuthe;[k]
u-Obede wazala uJese;[l]
6 uJese wazala uDavide[m] inkosi.
UDavide wazala uSolomoni[a] kumka-Uriya;
7 uSolomoni wazala uRehobowamu;[b]
uRehobowamu wazala u-Abhiya;
u-Abhiya wazala u-Asa;[c]
8 u-Asa wazala uJehoshafati;[d]
uJehoshafati wazala uJehoramu;[e]
uJehoramu wazala u-Uziya;
9 u-Uziya wazala uJothamu;[f]
uJothamu wazala u-Ahazi;[g]
u-Ahazi wazala uHezekiya;[h]
10 uHezekiya wazala uManase;[i]
uManase wazala u-Amoni;[j]
u-Amoni wazala uJosiya;[k]
11 uJosiya[l] wazala uJekoniya[m] nabafowabo ngesikhathi sokudingiselwa eBhabhiloni.[n]
12 Ngemva kokudingiselwa eBhabhiloni, uJekoniya wazala uSheyalitiyeli;
uSheyalitiyeli wazala uZerubhabhele;[o]

1:1 *Noma, "yohlu lozalo." #Noma, "kaMesiya; woGcotshiwe."

ISAHL. 1
a 1Kr 17:11 Mat 9:27 Luk 1:32, 33
b Gen 22:18
c Gen 21:3
d Gen 25:26 1Kr 1:34
e Gen 29:35
f Gen 38:29, 30
g Rut 4:18-22
h 1Kr 2:9
i 1Kr 2:10, 11
j Jos 2:1
k Rut 4:13
l 1Kr 2:12
m 1Kr 2:13, 15

Uhla 2
a 2Sa 12:24 1Kr 3:5
b 1Kh 11:43
c 1Kr 3:10-19 2Kr 14:1
d 1Kh 15:24
e 2Kr 21:1
f 2Kh 15:32
g 2Kh 15:38
h 2Kh 18:1
i 2Kh 20:21
j 2Kr 33:20
k 2Kh 21:24
l 2Kh 23:34
m 1Kr 3:15, 16
n 2Kh 24:12, 15 2Kr 36:9, 10
o Ezr 3:2 Neh 12:1

13 uZerubhabhele wazala
u-Abhiyudi;
u-Abhiyudi wazala u-Eliya-
kimi;
u-Eliyakimi wazala u-Azori;
14 u-Azori wazala uZadoki;
uZadoki wazala u-Akimi;
u-Akimi wazala u-Eliyudi;
15 u-Eliyudi wazala u-Eleya-
zare;
u-Eleyazare wazala uMa-
thani;
uMathani wazala uJakobe;
16 uJakobe wazala uJosefa
umyeni kaMariya, owaza-
la uJesu,[a] obizwa ngoku-
thi uKristu.[b]

**17** Zizonke izizukulwane,
kusukela ku-Abrahama kuze
kufike kuDavide kwakuyizi-
zukulwane ezingu-14; kusuke-
la kuDavide kuze kube seku-
dingiselweni eBhabhiloni kuyi-
zizukulwane ezingu-14; kusuke-
la ekudingiselweni eBhabhiloni
kuze kufike kuKristu kuyizizu-
kulwane ezingu-14.

**18** Yile ndlela ukuzalwa ku-
kaJesu Kristu okwenzeka nga-
yo. Phakathi nesikhathi unina
uMariya ayethembisene ngaso
umshado noJosefa, watholaka-
la ekhulelwe ngomoya ongcwe-
le*[c] bengakashadi. **19** Nokho,
ngenxa yokuthi uJosefa, indo-
da yakhe,* wayelungile futhi
engafuni ukubukisa ngaye em-
phakathini, wayefuna ukuhlu-
kana naye# ngasese.[d] **20** Ko-
dwa ngemva kokuba eseca-
bangile ngalezi zinto, ingelo-
si kaJehova* yabonakala kuye
ephusheni, yathi: "Josefa, ndo-
dana kaDavide, ungesabi uku-
thatha uMariya ingoduso ya-
kho* umyise ekhaya, ngoba lo-
khu akukhulelwe kungomoya
ongcwele.[a] **21** Uzozala indo-
dana, futhi kumele uyiqambe
ngokuthi uJesu,*[b] ngoba iyosi-
ndisa abantu bakubo ezonweni
zabo."[c] **22** Empeleni konke lo-
khu kwenzeka ukuze kugcwa-
liseke lokho okwashiwo ngu-
Jehova* ngomprofethi wakhe,
ethi: **23** "Bhekani! Intombi
iyokhulelwa ibelethe indodana,
abantu bayoyiqamba ngokuthi
u-Imanuweli,"[d] uma kuhunyu-
shwa okusho ukuthi, "UNkulu-
nkulu Unathi."[e]

**24** UJosefa wavuka ebutho-
ngweni wenza njengoba ingelo-
si kaJehova* yayimyalezile, wa-
landa ingoduso yakhe# wayile-
tha ekhaya. **25** Kodwa akaza-
nge alale nayo yaze yabeletha
indodana,[f] wayiqamba ngoku-
thi uJesu.[g]

**2** Ngemva kokuba uJesu ese-
zelwe eBhetlehema[h] laseJu-
diya ezinsukwini zikaHero-
de*[i] inkosi, kweza eJerusale-
ma ababhula ngezinkanye-
zi# bevela eMpumalanga, **2** ba-
thi: "Uphi lowo ozelwe oyi-
nkosi yamaJuda?[j] Ngoba si-
bone inkanyezi yakhe siseMpu-
malanga, futhi size ukuzom-
khothamela." **3** Lapho izwa lo-
khu, iNkosi uHerode yakha-
thazeka, kanye nalo lonke
iJerusalema. **4** Lapho isiqoqe-
le ndawonye bonke abapri-
sti abakhulu nababhali besizwe,

---

**1:18** *Noma, "ngamandla kaNkulunkulu." **1:19** *Noma, "umyeni wakhe." #NgesiGreki, "ukumdivosa." Ngokwesiko lamaJuda, kwakudingeka idivosi uma kuqedwa isithembiso somshado. **1:20** *Lena indawo yokuqala kwezingu-237 emiBhalweni YamaKristu YesiGreki, lapho igama likaNkulunkulu elithi Jehova livela khona emibhalweni yale nguqulo. Bheka iSithasiselo A5.

**1:20** *NgesiGreki, "umkakho." **1:21** *Lihambisana negama lesiHebheru elithi Jeshuwa noma Joshuwa, okusho ukuthi "UJehova Uyinsindiso." **1:22, 24** *Bheka iSithasiselo A5. **1:24** #NgesiGreki, "umkakhe." **2:1** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. #Noma, "abathakathi."

---

ISAHL. 1
a Mat 13:55; Mar 6:3
b Luk 3:23-38
c Luk 1:35
d Dut 24:1

Uhla 2
a Luk 1:35
b Mat 1:25; Luk 1:31
c Luk 2:30; Joh 1:29; IzE 4:12; IzE 5:31; Efe 1:7; Heb 7:25; 1Pe 2:24
d Isay 7:14
e Isay 8:8, 10
f Luk 2:7
g Luk 2:21

ISAHL. 2
h Mik 5:2; Luk 2:4
i Luk 1:5
j Mat 27:37

yababuza ukuthi uKristu* wa-
yeyozalelwaphi. **5** Bathi kuyo:
“EBhetlehema[a] laseJudiya, ngo-
ba yilokhu okwabhalwa um-
profethi: **6** ‘Nawe, Bhetlehema
lasezweni lakwaJuda, awulona
neze idolobha elingelutho pha-
kathi kwababusi bakwaJuda,
ngoba kuwe kuyophuma obu-
sayo, oyokwalusa isizwe sami
u-Israyeli.’ ”[b]
**7** UHerode wabe esebabize-
la ngasese ababhula ngezinka-
nyezi futhi watholisisa ka-
hle kubo isikhathi eyabonaka-
la ngaso inkanyezi. **8** Lapho
ebathumela eBhetlehema, wa-
thi: “Hambani nimfune ngoku-
cophelela umntwana, uma se-
nimtholile nibuye nizongibikela
ukuze nami ngiye ngiyomkho-
thamela.” **9** Ngemva kokuba
inkosi ibatshele lokhu baha-
mba, bheka! inkanyezi ababeyi-
bone ngesikhathi beseMpuma-
langa[c] yahamba phambi kwa-
bo, yaze yama phezu kwalapho
umntwana ayekhona. **10** La-
pho bebona inkanyezi, bajabu-
la kakhulu. **11** Lapho benge-
na endlini bambona umntwana
enoMariya unina, bawa phansi
bamkhothamela. Bavula ama-
gugu abo bamupha izipho—igo-
lide nenhlaka yempepho nemu-
re. **12** Nokho, ngenxa yoku-
thi babexwayiswe uNkulunkulu
ephusheni[d] ukuba bangabuyeli
kuHerode, babuyela ezweni la-
kubo ngenye indlela.
**13** Ngemva kokuba sebeha-
mbile, ingelosi kaJehova* ya-
bonakala kuJosefa ephusheni,[e]
yathi: “Vuka, thatha umntwa-
na nonina ubalekele eGibhi-
the, uhlale khona ngize ngiku-
thumelele izwi, ngoba uHerode
usezohamba emfuna umntwa-
na ukuze ambulale.” **14** Nga-
kho uJosefa wavuka watha-
tha umntwana nonina ebusu-
ku wahamba waya eGibhithe.
**15** Wahlala khona kwaze kwa-
fa uHerode. Lokhu kwagcwali-
sa lokho okwashiwo nguJeho-
va* ngomprofethi wakhe, ethi:
“Ngayibiza indodana yami uku-
ba iphume eGibhithe.”[a]
**16** Lapho uHerode ebona
ukuthi ababhula ngezinkanyezi
babemhlakaniphele, wathuku-
thela kakhulu, wayesethumela
wayala ukuba kubulawe bonke
abafana eBhetlehema nakuzo
zonke izifunda zakhona, kusu-
kela kwabaneminyaka emibili
ubudala nangaphansi, ngokwe-
sikhathi ayesitholisise kahle
kwababhula ngezinkanyezi.[b]
**17** Kwagcwaliseka lokho okwa-
khulunywa ngoJeremiya um-
profethi, ethi: **18** “Kwezwaka-
la izwi eRama, ukukhala nesi-
lilo esikhulu. KwakunguRaheli[c]
ekhalela abantwana bakhe, wa-
yengavumi ukududuzeka ngo-
ba abasekho.”[d]
**19** Lapho uHerode esefile,
ingelosi kaJehova* yabonaka-
la ephusheni[e] kuJosefa eGi-
bhithe **20** yathi: “Vuka, tha-
tha umntwana nonina uhambe
uye ezweni lakwa-Israyeli ngo-
ba labo ababefuna ukubulala
umntwana sebefile.” **21** Nga-
kho wavuka wathatha umntwa-
na nonina, wangena ezweni la-
kwa-Israyeli. **22** Kodwa lapho
ezwa ukuthi u-Arkelawu waye-
busa eJudiya esikhundleni si-
kayise uHerode, wesaba uku-
ya khona. Ngaphezu kwalokho,
njengoba ayexwayiswe ngu-
Nkulunkulu ephusheni,[f] wasu-
ka waya endaweni yaseGalile.[g]
**23** Wafike wahlala edolobhe-
ni okuthiwa iNazaretha,[h] uku-
ze kugcwaliseke lokho okwa-
khulunywa ngabaprofethi uku-

**2:4** *Noma, “uMesiya; oGcotshiwe.”
**2:13, 15, 19** *Bheka iSithasiselo A5.

**ISAHL. 2**
*a* Joh 7:42
*b* 2Sa 5:2; Mik 5:2
*c* Mat 2:2
*d* Mat 2:22
*e* Mat 1:20; Mat 2:19

**Uhla 2**
*a* Hos 11:1
*b* Mat 2:7
*c* Gen 35:19
*d* Jer 31:15
*e* Mat 1:20
*f* Mat 2:12
*g* Mar 1:9; Luk 2:39
*h* Joh 1:45

thi: “Uyobizwa ngokuthi umNa-
zaretha.” *[a]

**3** Ngalezo zinsuku uJohane[b]
uMbhapathizi wafika eshu-
mayela[c] ehlane laseJudiya,
**2** ethi: “Phendukani ngoba
uMbuso wamazulu ususonde-
le.”[d] **3** Eqinisweni, lona ngu-
ye okwakhulunywa ngaye ngo-
Isaya umprofethi[e] ngala ma-
zwi: “Kukhona omemeza ehla-
ne ethi, ‘Lungisani indlela
kaJehova!* Yenzani izindle-
la zakhe ziqonde.’ ”[f] **4** UJo-
hane wayegqoke izembatho
zoboya bekamela efake nebha-
nde lesikhumba okhalweni.[g]
Ukudla kwakhe kwakuyizinte-
the noju lwezinyosi zasendle.[h]
**5** Abantu baseJerusalema na-
kulo lonke iJudiya nezwe lo-
nke elizungeze iJordani babe-
phuma baye kuye,[i] **6** wayeba-
bhapathiza* eMfuleni iJorda-
ni,[j] bevuma izono zabo obala.

**7** Lapho ebona abaningi ku-
baFarisi nakubaSadusi[k] bezo-
bhapathizwa, wathi kubo: “Nza-
lo yezinyoka,[l] ubani onixwayi-
se ukuba nibalekele ulaka olu-
zayo?[m] **8** Ngakho-ke thelani izi-
thelo ezibonisa ukuphenduka.
**9** Ningazitsheli ukuthi, ‘Uba-
ba wethu ngu-Abrahama.’[n] Ngo-
ba ngithi kini uNkulunkulu
uyakwazi ukuvezela u-Abraha-
ma abantwana kula matshe.
**10** Imbazo isibekiwe empa-
ndeni yezihlahla. Ngakho zo-
nke izihlahla ezingatheli izithe-
lo ezinhle zizogawulwa zipho-
nswe emlilweni.[o] **11** Mina ngi-
nibhapathiza ngamanzi ngenxa
yokuphenduka kwenu[p] kodwa
lowo oza emva kwami, engi-
ngakufanelekeli ukukhumula izi-
mbadada zakhe,[q] unamandla
kunami. Yena uzonibhapathiza
ngomoya ongcwele[a] nangomlilo.[b]
**12** Uphethe ifosholo lokuhlu-
nga, uyosihlanza sonke isibuya*
sakhe, abuthele ukolweni wakhe
enqolobaneni kodwa amakhoba
uyowashisa ngomlilo[c] ongacime-
ki.”

**13** Khona-ke uJesu wasuka
eGalile waya kuJohane eJorda-
ni, ukuze abhapathizwe ngu-
ye.[d] **14** Kodwa uJohane waza-
ma ukumenqabela, ethi: “Yimi
odinga ukubhapathizwa ngu-
we kodwa wena uza kimi?”
**15** UJesu wamphendula wa-
thi: “Ungangenqabeli ngoba ku-
fanelekile ngathi ukuba sifeze
konke okulungile ngale ndlela.”
Wabe eseyeka ukumenqabela.
**16** Ngemva kokubhapathizwa,
uJesu wakhuphuka ngokushe-
sha emanzini; bheka! amazu-
lu avuleka[e] wabona umoya ka-
Nkulunkulu wehla njengejuba
uza phezu kwakhe.[f] **17** Bhe-
ka! Izwi elivela emazulwini[g] la-
thi: “Lo yiNdodana yami[h] etha-
ndekayo, engiyamukele.”[i]

**4** Umoya waholela uJesu ehla-
ne ukuba ayolingwa[j] uDeve-
li.[k] **2** Ngemva kokuzila ukudla
izinsuku ezingu-40 nobusuku
obungu-40, walamba. **3** UMli-
ngi[l] weza wathi kuye: “Uma uyi-
ndodana kaNkulunkulu, tshela
la matshe ukuba abe yizinkwa.”
**4** Kodwa wamphendula wathi:
“Kulotshiwe ukuthi: ‘Umuntu
akumele aphile ngesinkwa so-
dwa kodwa nangawo wonke
amazwi aphuma emlonyeni ka-
Jehova.’ ” *[m]

**5** Ngemva kwalokho, uDeve-
li wamthatha waya naye edo-
lobheni elingcwele,[n] wammi-
sa phezu kombhoshongo* we-
thempeli,[o] **6** wathi kuye: “Uma

---

ISAHL. 2
a Isay 11:1; Isay 53:2; Jer 23:5; Zak 3:8

ISAHL. 3
b Joh 1:6
c Mar 1:3, 4; Luk 3:3-6
d Mat 4:17
e Mar 1:2; Joh 1:23
f Isay 40:3
g 2Kh 1:8
h Mar 1:6
i Mar 1:5
j Mar 1:9
k Mar 12:18; Luk 7:30
l Mat 12:34
m Mat 23:33; Luk 3:7-9; Luk 21:23
n Joh 8:33, 39
o Mat 7:19; Luk 13:6-9
p IzE 19:4
q Joh 1:15, 27

Uhla 2
a Mar 1:7, 8; Joh 1:33; IzE 2:1, 4; 1Ko 12:13
b Luk 3:16, 17
c Mal 4:1
d Mar 1:9
e Luk 3:21
f Isay 11:2; Mar 1:10, 11; Luk 4:18; Joh 1:32
g Joh 12:28
h Hu 2:7; Luk 9:35
i Isay 42:1; Mat 17:5; Luk 3:22

ISAHL. 4
j Heb 4:15
k Mar 1:12, 13; Luk 4:1-4
l 1Th 3:5
m Dut 8:3; Luk 4:4; Joh 4:34
n Neh 11:1; Isay 52:1
o Luk 4:9-12

---

**2:23** *Kungenzeka lisuselwa egameni lesiHebheru elithi “ihlumela.” **3:3; 4:4** *Bheka iSithasiselo A5. **3:6** *Noma, “wayebacwilisa.”

**3:12** *Indawo yokuhlunga okusanhlamvu. **4:5** *Noma, “wammisa onqenqemeni; esiqongweni.”

uyindodana kaNkulunkulu, zi-
phonse phansi, ngoba kulotshi-
we ukuthi: ‘Uyoyala izingelosi
zakhe ngokuphathelene nawe,’
nokuthi, ‘Ziyokuthwala ngeza-
ndla zazo, ukuze unyawo lwa-
kho lungaqhuzuki etsheni.’ ”[a]
**7** UJesu wathi kuye: “Kulotshi-
we nokuthi: ‘Ungamvivinyi uJe-
hova* uNkulunkulu wakho.’ ”[b]

**8** UDeveli waphinde wamtha-
tha waya naye entabeni epha-
keme ngokungajwayelekile, wa-
mbonisa yonke imibuso ye-
zwe nenkazimulo yayo.[c] **9** Wa-
thi kuye: “Zonke lezi zinto
ngizokunika zona uma uwa
phansi ungikhonza.” **10** UJe-
su wathi kuye: “Hamba, Satha-
ne! Ngoba kulotshiwe ukuthi:
‘NguJehova* uNkulunkulu wa-
kho okumele umkhonze,[d] ngu-
ye yedwa okumele unikele kuye
inkonzo engcwele.’ ”[e] **11** Kho-
na-ke uDeveli wamshiya,[f] bheka!
izingelosi zeza kuJesu zamkho-
nza.[g]

**12** Lapho ezwa ukuthi uJo-
hane uboshiwe,[h] wasuka waya
eGalile.[i] **13** Ngemva kokusu-
ka eNazaretha, wafika eKape-
rnawume[j] wahlala khona ece-
leni kolwandle esifundeni sa-
kwaZebhuloni nesakwaNafeta-
li, **14** ukuze kugcwaliseke lo-
kho okwakhulunywa ngo-Isaya
umprofethi, owathi: **15** “O, li-
zwe lakwaZebhuloni nawe li-
zwe lakwaNafetali, ngasendle-
leni yasolwandle, ngapheshe-
ya kweJordani, Galile lezizwe!
**16** Abantu abahlezi ebumnya-
meni babona ukukhanya oku-
khulu, labo abahlezi endaweni
yethunzi elibulalayo, ukukha-
nya[k] kwaphumela kubo.”[l]
**17** Kusukela ngaleso sikhathi
kuqhubeke, uJesu waqala uku-
shumayela ethi: “Phendukani,
ngoba uMbuso wamazulu usu-
sondele.”[a]

**18** Njengoba ayegudla uLwa-
ndle LwaseGalile, wabona izela-
mani ezimbili, uSimoni obizwa
ngokuthi uPetru[b] no-Andre-
ya umfowabo, ziphonsa ine-
thi lokudoba olwandle ngo-
ba zazingabadobi.[c] **19** Wathi
kuzo: “Ngilandeleni, ngizonenza
abadobi babantu.”[d] **20** Ngaso
leso sikhathi zashiya amanethi
azo zamlandela.[e] **21** Njengoba
eqhubekela phambili, wabona
abanye ababili ababeyizelama-
ni, uJakobe indodana kaZebe-
dewu noJohane umfowabo.[f] Ba-
besesikebheni noZebedewu uyi-
se, belungisa amanethi abo, wa-
babiza.[g] **22** Bashiya isikebhe
kanye noyise ngaso leso sikha-
thi bamlandela.

**23** Walihamba lonke elase-
Galile,[h] efundisa emasinagoge-
ni[i] abo futhi eshumayela izi-
ndaba ezinhle zoMbuso, ela-
pha yonke inhlobo yesifo nayo
yonke inhlobo yobuthakatha-
ka kubantu.[j] **24** Umbiko nga-
ye wasakazeka kulo lonke ela-
seSiriya futhi bamlethela bo-
nke ababenezifo nezinhluphe-
ko ezihlukahlukene,[k] ababena-
mademoni,[l] ababenesithuthwa-
ne*[m] nababekhubazekile, wa-
belapha. **25** Ngenxa yalokho
walandelwa isixuku esikhulu
sivela eGalile naseDekapho-
li* naseJerusalema naseJudiya
nangapheshеya kweJordani.

**5** Lapho ebona izixuku wakhu-
phukela entabeni; esehle-
zi phansi, abafundi bakhe beza
kuye. **2** Wavula umlomo waba-
fundisa, wathi:

**3** “Bayajabula abaqaphelayo
ukuthi bayamdinga uNkulu-

ISAHL. 4
a Hu 91:11, 12
b Dut 6:16; Luk 4:12; 1Ko 10:9
c Luk 4:5-8
d IsA 22:9
e Dut 6:13; Dut 10:20; Luk 4:8
f Luk 4:13; Jak 4:7
g Luk 22:43; Heb 1:7, 14
h Mar 6:17, 18; Luk 3:19, 20
i Mar 1:14; Luk 4:14
j Luk 4:31
k Joh 1:9
l Isay 9:1, 2

Uhla 2
a Mat 10:7; Mar 1:14, 15
b Joh 1:42
c Mar 1:16-18
d Luk 5:10, 11
e Mar 10:28; Luk 18:28
f Mat 10:2; Mat 27:55, 56; Mar 3:17; Mar 10:35; Joh 21:2
g Mar 1:19, 20
h Mat 9:35; Mar 1:39; Mar 6:6
i Luk 4:16; IzE 13:13, 14
j Luk 9:11; IzE 10:37, 38
k Mar 6:55
l Mar 1:32; IzE 5:16
m Mat 17:15

**4:7, 10** *Bheka iSithasiselo A5.

**4:24** *Noma, “nabanesifo sokuwa.”
**4:25** *Noma, “naseSifundeni Esinamadolobha Ayishumi.”

nkulu,*[a] ngoba uMbuso wama-
zulu ungowabo.
**4** “Bayajabula abalilayo ngo-
ba bayoduduzwa.[b]
**5** “Bayajabula abamnene*[c]
ngoba bayodla ifa lomhlaba.[d]
**6** “Bayajabula abalambele
futhi bomele[e] ukulunga ngoba
bayosuthiswa.*[f]
**7** “Bayajabula abanesihe[g]
ngoba bayoboniswa isihe.
**8** “Bayajabula abahlanzekile
enhliziyweni[h] ngoba bayobona
uNkulunkulu.
**9** “Bayajabula abenzi boku-
thula*[i] ngoba bayobizwa ngo-
kuthi amadodana kaNkulu-
nkulu.
**10** “Bayajabula abaye ba-
shushiswa ngenxa yokulunga[j]
ngoba uMbuso wamazulu ungo-
wabo.
**11** “Niyajabula lapho abantu
benihlambalaza,[k] benishushisa[l]
futhi besho yonke inhlobo ye-
nto embi ngani, beniqambela
amanga ngenxa yami.[m] **12** Ja-
bulani nithokoze[n] ngoba umvu-
zo wenu[o] mkhulu emazulwi-
ni, ngoba babashushisa ngale-
yo ndlela abaprofethi ngapha-
mbi kwenu.[p]
**13** “Nina ningusawoti[q] wom-
hlaba, kodwa uma usawoti
uphelelwa amandla awo, ubu-
sawoti bawo buyobuyiselwa ka-
njani? Awusasebenziseki kuno-
ma yini ngaphandle kokuthi
ulahlwe ngaphandle[r] unyathe-
lwe ngabantu.
**14** “Nina ningukukhanya
kwezwe.[s] Idolobha ngeke li-
fihleke uma lakhiwe entabeni.
**15** Abantu abasikhanyisi isiba-
ni basibeke ngaphansi ku-
kabhasikidi* kodwa basibeka
othini lwesibani, sikhanyisele
bonke abasendlini.[a] **16** Ngo-
kufanayo, ukukhanya kwenu
makukhanye phambi kwaba-
ntu,[b] ukuze babone imisebe-
nzi yenu emihle[c] bese beni-
ka uYihlo osemazulwini inkazi-
mulo.[d]
**17** “Ningacabangi ukuthi ngi-
zele ukuchitha uMthetho noma
abaProfethi. Angizelanga uku-
chitha kodwa ukugcwalisa.[e]
**18** Ngiqinisile ngithi kini izu-
lu nomhlaba kungadlula ngoku-
shesha kunokuba kusuke uhla-
mvu oluncane noma udwi wo-
hlamvu eMthethweni zize ze-
nzeke zonke izinto ezibhalwe
kuwo.[f] **19** Ngakho, noma uba-
ni ophula owodwa wale miya-
lo emincane kunayo yonke no-
fundisa abanye ukwenza lo-
kho, kuyothiwa mncane ku-
nabo bonke ngokuqondene no-
Mbuso wamazulu. Kodwa noma
ubani oyigcinayo futhi ayifu-
ndise, kuyothiwa mkhulu ngo-
kuqondene noMbuso wamazu-
lu. **20** Ngoba ngithi kini uma
ukulunga kwenu kungakudlu-
li okwababhali nokwabaFarisi,[g]
anisoze nangena eMbusweni wa-
mazulu.[h]
**21** “Nizwile ukuthi kwathi-
wa kulabo bezikhathi zasendu-
lo: ‘Ungabulali,[i] kodwa noma
ubani obulalayo uyoyiswa enka-
ntolo.’[j] **22** Nokho, mina ngithi
kini wonke umuntu oqhubeka
ethukuthelele[k] umfowabo uyoyi-
swa enkantolo; noma ubani obi-
za umfowabo ngezwi elinga-
khulumeki lokwedelela uyoyi-
swa eNkantolo Ephakeme; kanti
noma ubani othi, ‘Siwula-ndini!’
uyofanelwa iGehena*[l] lomlilo.

---

**5:3** *Noma, “abampofu ngokomoya; abaqaphela isidingo sabo esingokomoya.” **5:5** *Noma, “abanomoya ophansi.” **5:6** *Noma, “bayokwaneliswa.” **5:9** *Noma, “abanokuthula.”

**5:15** *Noma, “kukabhasikidi wokukala.” **5:22** *Indawo yokushisa udoti eyayingaphandle kweJerusalema. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

---

**ISAHL. 5**

a Luk 6:20
b Isay 61:2, 3; Mat 11:28
c 1Ti 6:11; Tit 3:2
d Hu 37:11
e Isay 55:1; Luk 6:21
f Joh 6:35
g Mat 6:14; Mat 18:33; Jak 2:13
h Hu 24:3, 4; Hu 73:1
i Rom 12:18; Heb 12:14; Jak 3:18
j Mar 10:29, 30; 1Pe 3:14
k Mat 10:22
l Joh 15:20
m Luk 6:22, 23; Jak 1:2; 1Pe 4:14
n IzE 5:41; Rom 5:3
o Heb 11:6
p 2Kr 36:16; IzE 7:52; Heb 11:32, 37
q Mar 9:50
r Luk 14:34, 35
s Joh 8:12; Joh 12:36; Flp 2:15

**Uhla 2**

a Mar 4:21; Luk 11:33
b Efe 5:8; Flp 2:15
c Efe 5:9
d Joh 15:8; 1Pe 2:9, 12
e Luk 4:21
f Isay 40:8; Luk 16:17
g Mat 15:7-9; Mat 23:23; Luk 11:42
h Mat 18:3; Joh 3:5
i Gen 9:6; Eks 20:13; Dut 5:17
j Lev 24:17; Dut 17:8, 9
k Kol 3:8; Jak 1:19
l Mat 10:28; Luk 12:5; 1Jo 3:15

**23** “Uma uletha isipho sakho
e-altare[a] bese ukhumbula usula-
pho ukuthi umfowenu unokuthi-
le ngawe, **24** shiya isipho sa-
kho lapho phambi kwe-altare,
uhambe. Qale wenze ukuthula
nomfowenu bese uyabuya uni-
kele isipho sakho.[b]
**25** “Lungisa izindaba ngo-
kushesha nalowo okumangale-
le emthethweni, lapho use-
naye endleleni niya enkanto-
lo, ukuze kuthi ngandlela-thile
okumangalele angakunikeli ku-
mahluleli, umahluleli akunikele
esikhonzini sasenkantolo, bese
ufakwa ejele.[c] **26** Ngiqinisile
ngithi kuwe, nakanjani nge-
ke uphume lapho kuze kube yi-
lapho usukhokhe uhlamvu lwe-
mali oluncane lokugcina.*
**27** “Nizwile ukuthi kwathi-
wa: ‘Ungaphingi.’[d] **28** Kodwa
mina ngithi kini, wonke umu-
ntu oqhubeka ebuka owesifa-
zane[e] aze amkhanuke, usephi-
ngile naye kakade enhliziyweni
yakhe.[f] **29** Manje, uma iso la-
kho lesokudla likwenza ukhu-
beke, likhiphe ulilahle kude.[g]
Ngoba kungcono ukulahleke-
lwa elilodwa lamalunga akho
kunokuba umzimba wakho wo-
nke uphonswe eGehena.*[h]
**30** Uma isandla sakho sokudla
sikwenza ukhubeke, sinqume
usilahle kude.[i] Ngoba kungco-
no ukulahlekelwa elilodwa la-
malunga akho kunokuba umzi-
mba wakho wonke uphelele
eGehena.*[j]
**31** “Ngaphezu kwalokho,
kwathiwa: ‘Noma ubani odi-
vosa umkakhe, makamnike isi-
tifiketi sedivosi.’[k] **32** Nokho
mina ngithi kini, wonke umu-
ntu odivosa umkakhe nga-
phandle kwesizathu sokuzipha-
tha kabi ngokocansi,* umbe-
ka engozini yokuphinga, futhi
noma ubani oshada nowesifa-
zane odivosile uyaphinga.[a]
**33** “Nizwile nokuthi kwathi-
wa kulabo bezikhathi zasendu-
lo: ‘Akumele ufunge ungenzi,[b]
kodwa kumele uzifeze izifungo
zakho kuJehova.’*[c] **34** Nokho,
mina ngithi kini: Ningafungi
nhlobo,[d] kungaba izulu ngoba
liyisihlalo sobukhosi sikaNkulu-
nkulu; **35** noma umhlaba ngo-
ba uyisenabelo sezinyawo za-
khe;[e] noma iJerusalema ngo-
ba liyidolobha leNkosi enkulu.[f]
**36** Ungafungi ikhanda lakho,
ngoba awukwazi ukuphendula
nolulodwa unwele lube mhlophe
noma lube mnyama. **37** Izwi
lenu ‘elinguYebo’ malisho uye-
bo, ‘uCha’ wenu,[g] asho ucha
ngoba okungale kwalokhu kuve-
la komubi.[h]
**38** “Nizwile ukuthi kwathi-
wa: ‘Iso ngeso nezinyo nge-
zinyo.’[i] **39** Nokho, mina ngithi
kini: Ningalwi nomuntu omu-
bi; kodwa noma ubani okusha-
ya ngempama esihlathini se-
sokudla, mphendulele nesinye
futhi.[j] **40** Uma umuntu efu-
na ukukuyisa enkantolo fu-
thi athathe ingubo yakho ya-
ngaphansi, dedela nengubo ya-
kho yangaphandle ayithathe;[k]
**41** uma othile osegunyeni eku-
phoqa ukuba uhambe imayela*
elilodwa, hamba naye amama-
yela amabili. **42** Mnike ocela-
yo kuwe, futhi ungamfulatheli
ofuna ukuboleka* kuwe.[l]
**43** “Nizwile ukuthi kwathi-
wa: ‘Kumele uthande umakhe-
lwane wakho[m] futhi uzonde isi-
tha sakho.’ **44** Nokho, mina
ngithi kini: Qhubekani nithanda

ISAHL. 5
a Dut 16:16
b 1Jo 4:20
c Luk 12:58, 59
d Eks 20:14 Dut 5:18 Luk 18:20 Rom 13:9
e 2Sa 11:2 Job 31:1
f Mar 7:20-22
g Luk 11:34
h Mat 18:9 Mar 9:47
i Kol 3:5
j Mat 18:8
k Dut 24:1 Mat 19:3, 8 Mar 10:2, 4

Uhla 2
a Mat 19:9 Mar 10:11, 12 Luk 16:18 Rom 7:3
b Lev 19:12
c Num 30:2 Dut 23:21 Shu 5:4
d Jak 5:12
e Isay 66:1
f Hu 48:2
g Jak 5:12
h Joh 8:44
i Eks 21:24, 25 Lev 24:20 Dut 19:21
j IzA 24:29 Isay 50:6 Luk 6:29 Rom 12:17 1Pe 2:23
k 1Ko 6:7
l Lev 25:36 Dut 23:19
m Lev 19:18 Mar 12:31

**5:26** *NgesiGreki, “ikhwadrani lokugcina.” Bheka iSithasiselo B14. **5:29, 30, 41** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**5:32** *NgesiGreki, *por·neiʹa.* Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **5:33** *Bheka iSithasiselo A5. **5:42** *Okuwukuthi, ukuboleka ngaphandle kwenzalo.

izitha zenu,[a] nithandazela nalabo abanishushisayo,[b] **45** ukuze nizibonakalise ningamadodana kaYihlo osemazulwini,[c] njengoba yena enza ukuba ilanga lakhe liphumele abantu ababi nabahle futhi enza ukuba imvula ine phezu kwabalungile nabangalungile.[d] **46** Ngoba uma nithanda labo abanithandayo, ninamvuzo muni?[e] Abaqoqi bentela abenzi yini nabo into efanayo? **47** Kanti uma nibingelela abafowenu kuphela, nenza lukhulu luni? Abantu bezizwe abenzi yini nabo into efanayo? **48** Ngakho kumele nibe ngabaphelele,* njengoba noYihlo wasezulwini ephelele.[f]

**6** "Qaphelani ukuba izenzo zenu ezinhle ningazenzi phambi kwabantu ukuze nibonwe yibo;[g] ngaphandle kwalokho ngeke niwuthole umvuzo kuYihlo osemazulwini. **2** Ngakho lapho wenzela abampofu okuhle ngesihe,* ungaqali ngokushaya icilongo, njengoba nabazenzisi benza emasinagogeni nasemigwaqweni, ukuze badunyiswe ngabantu. Ngiqinisile ngithi kini, sebewuthole ngokugcwele umvuzo wabo. **3** Kodwa wena, lapho wenzela abampofu okuhle ngesihe, ungavumeli isandla sakho sobunxele sazi ukuthi esokudla senzani, **4** ukuze ukupha kwakho ngesihe kube imfihlo. Khona-ke uYihlo obukele esekusithekeni uyokubuyisela.[h]

**5** "Uma nithandaza, ningenzi njengabazenzisi[i] ngoba bathanda ukuthandaza bemi emasinagogeni nasemakhoneni emigwaqo emikhulu ukuze babonwe abantu.[j] Ngiqinisile ngithi kini, sebewuthole ngokugcwele umvuzo wabo. **6** Kodwa wena, lapho uthandaza, ngena ekamelweni lakho futhi ngemva kokuvala umnyango, uthandaze kuYihlo osekusithekeni.[a] Khona-ke uYihlo obukele esekusithekeni uyokubusisa. **7** Lapho uthandaza, ungaphindaphindi izinto ezifanayo, njengoba kwenza abantu bezizwe, ngoba bacabanga ukuthi bayozwiwa ngokusebenzisa amazwi amaningi. **8** Ngakho, ningabi njengabo, ngoba uYihlo uyakwazi enikudingayo[b] ngisho ningakakuceli kuye.

**9** "Khona-ke, kumele nithandaze ngale ndlela:[c]

"'Baba wethu osemazulwini, malingcweliswe*[d] igama lakho.[e] **10** UMbuso[f] wakho mawuze. Intando yakho[g] mayenzeke nasemhlabeni njengasezulwini.[h] **11** Siphe namuhla isinkwa sethu salolu suku;[i] **12** usithethelele amacala ethu, njengoba nathi sibathethelele abanamacala kithi.[j] **13** Ungasingenisi esilingweni,[k] kodwa usikhulule* komubi.'[l]

**14** "Ngoba uma nithethelela abantu amaphutha abo, noYihlo osezulwini uzonithethelela nani;[m] **15** kanti uma ningabathetheleli abantu amaphutha abo, noYihlo ngeke awathethelele amaphutha enu.[n]

**16** "Lapho nizila ukudla,[o] yekani ukuba nobuso obudabukile njengabazenzisi, ngoba bayanyukubala ebusweni* ukuze babonakale kubantu ukuthi bazile ukudla.[p] Ngiqinisile ngithi kini, sebewuthole ngokugcwele umvuzo wabo. **17** Kodwa wena, lapho

---

**5:48** *Noma, "kumele ningabi nasici."
**6:2** *Noma, "upha abampofu izipho zesihe." Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.
**6:9** *Noma, "maliphathwe njengelingcwele." **6:13** *Noma, "usisindise." **6:16** *Noma, "ababunakekeli ubuso babo."

---

**ISAHL. 5**
a IzA 25:21; Rom 12:20
b Luk 6:27, 28; IzE 7:60; Rom 12:14
c Efe 5:1
d Luk 6:35; IzE 14:17
e Luk 6:32, 33
f Lev 19:2; Dut 18:13; Luk 6:36; 1Pe 1:16

**ISAHL. 6**
g Mat 23:5
h IzA 19:17; Mat 10:42
i Luk 18:11
j Mat 6:16; Mat 23:5

**Uhla 2**
a Luk 6:12
b Luk 12:30
c Luk 11:2-4
d Hez 36:23
e Eks 6:3; Hu 83:18
f Dan 2:44; Mat 6:33; IsA 11:15
g Mat 26:42; 1Ti 2:4; IsA 4:11
h Hu 37:10; Luk 23:43; IzE 24:15
i Hu 37:25; IzA 30:8; Mat 6:34; 1Ti 6:8
j Mat 18:21; Mar 11:25
k Mat 26:41; 1Ko 10:13; IsA 3:10
l Joh 17:15; 1Jo 5:19
m Efe 4:32; Kol 3:13
n Mat 18:35; Jak 2:13
o IzE 13:2, 3; IzE 14:23
p Isay 58:5; Luk 18:11, 12

uzila ukudla, gcoba ikhanda lakho ngamafutha futhi ugeze ubuso bakho, **18** ukuze ungabonakali kubantu ukuthi uzile ukudla, kodwa kuYihlo osekusithekeni kuphela. Khona-ke uYihlo obukele esekusithekeni uyokubusisa.

**19** "Yekani ukuzibekelela ingcebo emhlabeni,[a] lapho inundu nokugqwala kudla khona, nalapho amasela egqekeza khona ebe. **20** Kunalokho, zibekeleleni ingcebo ezulwini,[b] lapho kungadli nundu nakugqwala khona,[c] nalapho amasela engagqekezi khona ebe. **21** Ngoba lapho umcebo wakho ukhona, yilapho nenhliziyo yakho iyoba khona.

**22** "Isibani somzimba yiso.[d] Ngakho uma iso lakho ligxile entweni eyodwa,* wonke umzimba wakho uzokhanya. **23** Kodwa uma iso lakho lihaha,*[e] wonke umzimba wakho uzoba mnyama. Uma ukukhanya okukuwe kungubumnyama ngempela, yeka ukuthi lobo bumnyama bukhulu kangakanani!

**24** "Akekho ongakhonza amakhosi amabili; ngoba uyozonda enye athande enye,[f] noma anamathele kwenye, adelele enye. Anikwazi ukuba izigqila zikaNkulunkulu nezeNgcebo.[g]

**25** "Ngenxa yalokhu ngithi kini: Yekani ukukhathazeka[h] ngokuphila* kwenu ngokuqondene nokuthi niyodlani noma niyophuzani, noma ngemizimba yenu ngokuqondene nokuthi niyogqokani.[i] Ukuphila# akubalulekile yini ngaphezu kokudla, nomzimba ngaphezu kwezingubo?[j] **26** Bukisisani izinyoni zezulu;[a] azihlwanyeli mbewu noma zivune noma zibuthele ezinqolobaneni, nokho uYihlo osezulwini uyazondla. Nina anibalulekile yini ngaphezu kwazo? **27** Ubani kini ongathi ngokukhathazeka anezele ngisho nomzuzu* owodwa esikhathini sakhe sokuphila?[b] **28** Kungani nikhathazeka ngezingubo zokugqoka? Fundani ezimbalini* zasendle, indlela ezikhula ngayo; azikhandleki, aziphothi; **29** kodwa ngithi kini ngisho noSolomoni[c] enkazimulweni yakhe yonke wayengahlobile nanjengeyodwa yazo. **30** Manje, uma uNkulunkulu ezigqokisa kanjalo izitshalo zasendle, ezikhona namuhla ngakusasa ziphonswe eziko, ngeke yini nina anigqokise nakakhulu, nina eninokholo oluncane? **31** Ngakho ningalokothi nikhathazeke[d] nithi, 'Sizodlani?' noma, 'Sizophuzani?' noma, 'Sizogqokani?'[e] **32** Ngoba konke lokhu kuyizinto izizwe ezizifuna ngokulangazela. UYihlo wasezulwini uyazi ukuthi niyazidinga zonke lezi zinto.

**33** "Ngakho, qhubekani nifuna kuqala uMbuso nokulunga kwakhe, khona-ke zonke lezi ezinye izinto ziyokwenezelwa kini.[f] **34** Ngakho, ningalokothi nikhathazeke ngosuku olulandelayo,[g] ngoba usuku olulandelayo luyoba nezalo izinkathazo. Usuku ngalunye lunezalo izinkinga.

**7** "Yekani ukwahlulela[h] ukuze ningahlulelwa; **2** ngoba isahlulelo enahlulela ngaso, nani niyokwahlulelwa ngaso,[i] nesikali enisisebenzisa

**6:22** *Noma, "libona kahle." NgesiGreki, "lilihle." **6:23** *NgesiGreki, "libi." **6:25** *Noma, "ngemiphefumulo." #Noma, "Umphefumulo."

**6:27** *NgesiGreki, "ingalo." Bheka iSithasiselo B14. **6:28** *Noma, "eminduzeni."

ISAHL. 6
a Mat 13:22; Luk 12:20; Jak 5:3
b Mat 19:21; Mar 10:21; Luk 12:33, 34; Luk 18:22
c 1Pe 1:3, 4
d IzA 4:25; Luk 11:34; Efe 1:18
e Mat 20:15
f Jak 4:4
g Mat 13:22; Luk 16:13
h Hu 55:22; Flp 4:6; 1Pe 5:6, 7
i 1Ti 6:8; Heb 13:5
j Luk 12:22-28

Uhla 2
a Job 38:41; Hu 147:9; Mat 10:29
b Hu 39:5
c 1Kh 10:4, 5
d Luk 10:41
e Luk 12:29-31
f Hu 37:25
g Eks 16:4, 19

ISAHL. 7
h Luk 6:37; Rom 2:1; Rom 14:13
i Mat 18:33, 34; Jak 2:13

kwabanye, bayosisebenzisa na-
kini.*[a] 3 Kungani ubheka uthi
olusesweni lomfowenu kodwa
ungaluboni ugodo olukwelakho
iso?[b] 4 Noma, ungasho kanja-
ni kumfowenu ukuthi, 'Ngivu-
mele ngikhiphe uthi esweni la-
kho,' kuyilapho kwelakho iso
kukhona ugodo? 5 Mzenzisi!
Khipha ugodo kwelakho iso ku-
qala, khona-ke uyobona ngoku-
cacile ukuthi ungalukhipha ka-
njani uthi esweni lomfowenu.

6 "Ningaziniki izinja oku-
ngcwele, futhi ningawaphonsi
amapharele enu phambi kwe-
zingulube,[c] ukuze zingalokothi
ziwanyathele ngezinyawo bese
ziphenduka zinidephuna.

7 "Qhubekani nicela, niyo-
phiwa;[d] qhubekani nifuna, ni-
yothola; qhubekani ningqo-
ngqoza, niyovulelwa;[e] 8 ngo-
ba wonke umuntu ocelayo uya-
mukela,[f] wonke umuntu ofu-
nayo uyathola, wonke umuntu
ongqongqozayo uyovulelwa.
9 Ngempela, ngubani phaka-
thi kwenu okuthi lapho indo-
dana yakhe icela isinkwa ayini-
ke itshe? 10 Noma, uma icela
inhlanzi ngeke ayinike inyoka,
akunjalo? 11 Ngakho-ke, uma
nina, nakuba nibabi, nikwazi
ukupha abantwana benu izipho
ezinhle, yeka ukuthi uYihlo
osemazulwini uyobapha kakhu-
lu kangakanani izinto ezinhle[g]
labo abazicela kuye![h]

12 "Ngakho-ke, zonke izinto
enifuna abantu bazenze kini,
nani kumele nizenze kubo.[i]
Eqinisweni, yilokho okushiwo
nguMthetho nabaProfethi.[j]

13 "Ngenani ngesango eli-
ncane,[k] ngoba likhulu isango fu-
thi uvulekile umgwaqo ohole-
la ekubhujisweni, baningi aba-
ngena ngalo; 14 kanti lincane
isango futhi inyinyekile indle-
la eholela ekuphileni, bambalwa
abayitholayo.[a]

15 "Qaphelani abaprofethi
bamanga[b] abeza kini bembethe
isikhumba semvu,[c] kodwa nga-
phakathi beyizimpisi ezihaha-
yo.[d] 16 Niyobabona ngezithe-
lo zabo. Abantu abawakhi neze
amagilebhisi emeveni noma
amakhiwane emakhakhasini,
akunjalo?[e] 17 Ngokufanayo,
zonke izihlahla ezinhle zi-
thela izithelo ezinhle, kodwa
zonke izihlahla ezibolile zithe-
la izithelo ezingenamsebenzi.[f]
18 Isihlahla esihle asinakuthe-
la izithelo ezingenamsebenzi,
nesihlahla esibolile asinaku-
thela izithelo ezinhle.[g] 19 Zo-
nke izihlahla ezingatheli izi-
thelo ezinhle ziyagawulwa zi-
phonswe emlilweni.[h] 20 Kho-
na-ke, ngempela labo bantu ni-
yobabona ngezithelo zabo.[i]

21 "Akuyena wonke umuntu
othi kimi, 'Nkosi, Nkosi,' oyo-
ngena eMbusweni wamazulu,
kodwa yilowo kuphela owenza
intando kaBaba osemazulwini
oyongena.[j] 22 Abaningi bayo-
thi kimi ngalolo suku: 'Nko-
si, Nkosi,[k] asiprofethanga yini
egameni lakho, saxosha ama-
demoni egameni lakho, senza
nemisebenzi eminingi yama-
ndla egameni lakho?'[l] 23 Ko-
dwa ngiyothi kubo ngaleso si-
khathi: 'Angikaze nginazi! Su-
kani kimi, nina abenza oku-
ngemthetho!'[m]

24 "Ngakho-ke, wonke umu-
ntu ozwa la mazwi ami awe-
nze uyoba njengomuntu ohla-
kaniphile, owakha indlu ya-
khe edwaleni.[n] 25 Lase liyi-
thela imvula, kwafika izikhu-
khula, kwavunguza nomoya
wayishaya leyo ndlu, kodwa
ayizange ibhidlike, ngoba ya-
yisekelwe phezu kwedwala.

ISAHL. 7
a Mar 4:24; Luk 6:38; Gal 6:7
b Luk 6:41, 42
c IzA 9:7; Mat 10:14
d Mar 11:24; Jak 1:5; 1Jo 5:14
e Luk 11:9-13
f Joh 14:13; 1Jo 3:22
g Jak 1:17
h Luk 11:13
i Luk 6:31
j Rom 13:10; Gal 5:14
k Luk 13:24

Uhla 2
a IzE 14:22; 1Pe 4:18
b Mat 24:11; 2Pe 2:1; 1Jo 4:1
c Luk 6:26
d IzE 20:29, 30
e Luk 6:44
f Mat 12:33
g Luk 6:43
h Mat 3:10; Luk 13:6, 9
i Mat 12:33
j Rom 2:13; Jak 1:22; 1Jo 2:17; 1Jo 5:3
k Luk 6:46
l Jer 14:14; Jer 27:15
m Luk 13:25-27
n Luk 6:47-49; Jak 1:25

7:2 * Noma, "nendlela enibaphatha nga-
yo abanye, bayoniphatha kanjalo nani."

**26** Ngaphezu kwalokho, wo-
nke umuntu owezwayo la ma-
zwi ami kodwa angawenzi uyo-
ba njengendoda eyisiwula, eya-
kha indlu yayo esihlabathi-
ni.[a] **27** Lase liyithela imvula,
kwafika izikhukhula, kwavu-
nguza nomoya wayishaya leyo
ndlu yabhidlika,[b] kwaba kukhu-
lu ukuwa kwayo."

**28** Lapho uJesu eqeda uku-
sho la mazwi, izixuku zakhe-
xa ngenxa yendlela ayefundi-
sa ngayo,[c] **29** ngoba wayezifu-
ndisa njengomuntu onegunya,[d]
hhayi njengababhali bazo.

**8** Ngemva kokuba esehlile
entabeni, walandelwa izixu-
ku ezinkulu. **2** Kweza umuntu
onochoko wamkhothamela, wa-
thi: "Nkosi, uma nje utha-
nda, ungangenza ngihlanzeke."[e]
**3** Ngakho, elula isandla, wam-
thinta, wathi: "Ngiyathanda!
Hlanzeka."[f] Masinyane ucho-
ko lwakhe lwasuka.[g] **4** UJe-
su wathi kuye: "Uqaphele uku-
ba ungatsheli muntu[h] kodwa ha-
mba uziveze kumpristi,[i] unikele
ngesipho esamiswa nguMose,[j]
ukuze kube ubufakazi kubo."

**5** Lapho engena eKaperna-
wume, isikhulu sebutho se-
za kuye, samncenga[k] **6** sathi:
"Mnumzane, inceku yami ile-
le phansi endlini ayikwazi uku-
nyakaza, iyahlupheka kakhu-
lu." **7** Wathi kuso: "Ngizoyela-
pha uma ngifika khona." **8** Isi-
khulu sebutho saphendula sathi:
"Mnumzane, akungifanele uku-
ba ungene ngaphansi kophahla
lwami, kodwa yisho nje izwi
inceku yami izolulama. **9** Ngo-
ba nami ngingumuntu ongapha-
nsi kwegunya, nginamasosha
angaphansi kwami, ngithi kule-
li, 'Hamba!' lihambe, nakweli-
nye ngithi, 'Woza!' lize, nase-
ncekwini yami ngithi, 'Yenza lo-
khu!' ikwenze." **10** Lapho uJe-
su ezwa lokho wamangala wa-
thi kulabo ababemlandela: "Ngi-
nitshela iqiniso, angilutholanga
ukholo[a] olukhulu kangaka na-
koyedwa kwa-Israyeli. **11** Ko-
dwa ngiyanitshela ngithi abani-
ngi abavela empumalanga nase-
ntshonalanga bayoza bahlale
etafuleni no-Abrahama no-Isaka
noJakobe eMbusweni wamazu-
lu;[b] **12** kanti abantwana bo-
Mbuso bona bayophonswa nga-
phandle ebumnyameni. Lapho
yilapho beyokhala khona baqu-
qude amazinyo."[c] **13** UJesu wa-
thi esikhulwini sebutho: "Ha-
mba. Njengoba ubonise ukho-
lo, makwenzeke ngokwesicelo
sakho."[d] Inceku yalulama ngalo
lelo hora.[e]

**14** Lapho uJesu efika endli-
ni kaPetru, wabona umkhweka-
zi[f] kaPetru elele phansi egula
enomkhuhlane.[g] **15** Ngakho
wathinta isandla sakhe,[h] um-
khuhlane wamyeka, wavuka
waqala ukumkhonza. **16** Ko-
dwa sekuhlwile, abantu bamle-
thela abantu abaningi abana-
mademoni; wayixosha le mimo-
ya ngezwi, welapha bonke aba-
begula, **17** ukuze kugcwalise-
ke okwakhulunywa ngo-Isaya
umprofethi, ethi: "Yena watha-
tha ukugula kwethu futhi wa-
thwala izifo zethu."[i]

**18** Lapho uJesu ebona isi-
xuku simngungile, wayala
ukuba kuyiwe ngapheseya.[j]
**19** Kwase kuza umbhali wathi
kuye: "Mfundisi, ngizokulande-
la nomaphi lapho uya khona."[k]
**20** Kodwa uJesu wathi kuye:
"Izimpungushe zinemigodi ne-
zinyoni zezulu zinezidleke ko-
dwa iNdodana yomuntu yona
ayinandawo yokubeka ikha-
nda."[l] **21** Omunye wabafundi
wathi kuye: "Nkosi, ngivumele
ngihambe ngiyongcwaba uba-
ba kuqala."[m] **22** UJesu wathi
kuye: "Qhubeka ungilandela,

ISAHL. 7
a Jak 1:23, 24
b 1Ko 3:13
c Mar 1:22; Luk 4:32
d Joh 7:46

ISAHL. 8
e Mar 1:40-44; Luk 5:12-14
f Mar 1:41; Luk 5:13
g Isay 53:4
h Mat 9:30; Mat 12:15, 16; Mar 7:35, 36
i Lev 14:2; Luk 17:14
j Lev 14:3, 4; Lev 14:19, 20
k Luk 7:1-9

Uhla 2
a Mat 15:28; Luk 7:9
b Luk 13:29
c Luk 13:28
d Mat 9:29; Mat 15:28; Mar 9:23
e Luk 7:10
f 1Ko 9:5
g Mar 1:29-34; Luk 4:38-41
h Mar 5:41; IzE 3:7
i Isay 53:4
j Mar 4:35; Luk 8:22
k Luk 9:57
l Luk 9:58; 2Ko 8:9
m Luk 9:59

uyeke abafile bangcwabe abafi-
le babo."[a]
**23** Lapho engena esikebhe-
ni, abafundi bakhe bamlande-
la.[b] **24** Manje kwaba nesiphe-
pho esikhulu olwandle kanga-
ngokuthi isikebhe sase simbo-
zwa amagagasi; kodwa yena
wayelele.[c] **25** Base beza ba-
mvusa, bethi: "Nkosi, sisi-
ndise, siyafa!" **26** Kodwa wa-
thi kubo: "Kungani nesaba* ka-
ngaka, nina eninokholo olu-
ncane?"[d] Wayesevuka, wakhu-
za umoya nolwandle, kwaba
nokuzola okukhulu.[e] **27** Nga-
kho la madoda amangala athi:
"Kanti luhlobo luni lomuntu
lolu? Ngisho nomoya nolwandle
kuyamlalela."
**28** Lapho efika ngapheshe-
ya, esifundeni samaGadara,
wahlangana namadoda amabi-
li anamademoni ephuma ema-
thuneni.[f] Ayenolaka oluyinqa-
ba, kangangokuthi akukho mu-
ntu owayenesibindi sokudlula
ngaleyo ndlela. **29** Aklabala-
sa, athi: "Sihlangene ngani
nawe, Ndodana kaNkulunku-
lu?[g] Ingabe uze lapha uku-
zosihlupha[h] ngaphambi kwe-
sikhathi esibekiwe?"[i] **30** Kude
nabo kwakudla umhlambi om-
khulu wezingulube.[j] **31** Nga-
kho amademoni aqala ukum-
ncenga, ethi: "Uma usixo-
sha, sithumele emhlanjini we-
zingulube."[k] **32** Wathi kuwo:
"Hambani!" Ngakho aphuma
aya ezingulubeni, bheka! wo-
nke umhlambi wakhalakathela
eweni wangena olwandle wafe-
la emanzini. **33** Kodwa abelu-
si babaleka, bangena edolobhe-
ni, babika konke, kuhlangani-
se nendaba yamadoda ayena-
mademoni. **34** Bheka! bonke
edolobheni beza bezohlanga-
beza uJesu, lapho bembona,
bamncenga ukuba ahambe esi-
fundeni sakubo.[a]

**9** Ngakho wagibela esikebhe-
ni, wawelela ngapheshe-
ya waya edolobheni lakubo.[b]
**2** Bheka! baletha kuye indo-
da ekhubazekile ilele ohlake-
ni. Lapho ebona ukholo lwa-
bo, uJesu wathi kokhubazeki-
le: "Ungakhathazeki, mntwana!
Izono zakho zithethelelwe."[c]
**3** Abathile kubabhali bacaba-
nga: "Lo muntu uyahlambala-
za." **4** UJesu, eyazi imicaba-
ngo yabo, wathi: "Kungani ni-
cabanga izinto ezimbi ezinhli-
ziyweni zenu?[d] **5** Ngokwesi-
bonelo, yikuphi okulula, uku-
thi, 'Izono zakho zithethele-
lwe,' noma ukuthi, 'Vuka uha-
mbe'?[e] **6** Nokho, ukuze nazi
ukuthi iNdodana yomuntu ine-
gunya emhlabeni lokuthethele-
la izono—" wathi kokhubazeki-
le: "Vuka uthathe uhlaka lwa-
kho, uhambe uye ekhaya."[f]
**7** Wavuka waya ekhaya. **8** La-
pho izixuku zibona lokhu, zafi-
kelwa ukwesaba, zakhazimuli-
sa uNkulunkulu, owanika aba-
ntu igunya elinjalo.
**9** Ngemva kwalokho, esu-
ka lapho, uJesu wabona umu-
ntu okuthiwa uMathewu ehle-
zi ehhovisi lentela, wathi kuye:
"Yiba umlandeli wami." Nange-
mpela wasukuma wamlandela.[g]
**10** Kamuva, lapho edla* endli-
ni, bheka! kweza abaqoqi be-
ntela abaningi nezoni ba-
dla# noJesu nabafundi ba-
khe.[h] **11** Kodwa lapho bebona
lokhu, abaFarisi bathi kubafu-
ndi bakhe: "Kungani umfundi-
si wenu edla nabaqoqi bentela
nezoni?"[i] **12** Lapho ebezwa,
wathi: "Abantu abayimiqemane
abamdingi udokotela, kodwa
ngabagulayo abamdingayo.[j]

**8:26** *Noma, "ninovalo."

**9:10** *Noma, "ehlezi etafuleni." #Noma, "bahlala etafuleni."

ISAHL. 8
*a* Luk 9:60
*b* Mar 4:36
*c* Mar 4:37-41, Luk 8:23-25
*d* Mat 14:31, Mar 4:40
*e* Hu 89:9, Hu 107:29, Luk 8:25
*f* Mar 5:1-3, Luk 8:26, 27
*g* Luk 4:34, 41
*h* Mar 1:24, Jak 2:19
*i* Mar 5:7-10, Luk 8:28
*j* Mar 5:11-17
*k* Dut 14:8, Luk 8:31-34

Uhla 2
*a* Luk 8:35-37

ISAHL. 9
*b* Mat 4:13, Mar 2:1
*c* Mar 2:3-12, Luk 5:18-26
*d* Joh 2:24, 25
*e* Mar 2:9
*f* Mar 2:10, 11, Luk 5:24, Joh 5:8
*g* Mar 2:14, Luk 5:27, 28
*h* Mar 2:15-17, Luk 5:29-32
*i* Luk 7:39, Luk 15:2, Luk 19:7
*j* Luk 5:31

**13** Khona-ke, hambani niyofunda ukuthi kusho ukuthini lokhu: 'Ngifuna isihe, hhayi umhlatshelo.'[a] Ngoba ngizele ukuzobiza izoni, hhayi abantu abalungile."

**14** Abafundi bakaJohane beza kuye babuza: "Kungani thina nabaFarisi sizila ukudla kodwa abafundi bakho bona bengakuzili ukudla?"[b]
**15** UJesu wathi kubo: "Abangani bomkhwenyana abanaso isizathu sokulila uma nje umkhwenyana[c] esenabo, akunjalo? Kodwa kuyofika izinsuku lapho umkhwenyana eyosuswa kubo,[d] khona-ke bayokuzila
ukudla. **16** Akekho umuntu othungela isichibi sendwangu entsha engutsheni yangaphandle endala, ngoba isichibi esisha siyayidonsa ingubo endala
idabuke kakhulu.[e] **17** Abantu abalifaki iwayini elisha ezigujini* ezindala zewayini. Uma benza kanjalo, izigubhu zewayini ziyaqhuma, iwayini lichitheke nezigubhu zewayini zonakale. Kodwa abantu bafaka iwayini elisha ezigujini ezintsha zewayini, kulondolozeke kokubili."

**18** Esabatshela lezi zinto, umbusi othile weza kuye wamkhothamela, wathi: "Indodakazi yami kumele ukuba manje isifile, kodwa woza uzobeka isandla sakho kuyo, izophila."[f]

**19** Khona-ke uJesu wasukuma, kanye nabalandeli bakhe, wamlandela. **20** Owesifazane owayesehlushwe umopho iminyaka engu-12[g] weza ngasemuva, wathinta insephe* yengubo yakhe yangaphandle;[h]
**21** ngoba wayelokhu ezitshela ukuthi: "Uma nje ngingathinta ingubo yakhe yangaphandle, ngizokwelapheka." **22** UJesu waphenduka, lapho embona, wathi: "Ungesabi, ndodakazi! Ukholo lwakho lukuphilisile."[a] Kusukela kulelo hora owesifazane welapheka.[b]

**23** Lapho efika endlini yombusi futhi ebona ababeshaya imitshingo nesixuku siphithizela,[c] **24** uJesu wathi: "Sukani lapha ngoba intombazanyana ayifile, ilele."[d] Khona-ke bamhleka usulu. **25** Ngokushesha nje lapho isixuku sesikhishelwe ngaphandle, wangena wabamba isandla sayo,[e] intombazanyana yavuka.[f] **26** Njengokulindelekile, le ndaba yasakazeka kuso sonke leso sifunda.

**27** Njengoba uJesu ayedlula esuka lapho, izimpumputhe ezimbili[g] zamlandela, zimemeza zithi: "Yiba nesihe kithi, Ndodana kaDavide." **28** Ngemva kokuba esengene endlini, lezi zimpumputhe zeza kuye, uJesu wayesezibuza: "Ninalo yini ukholo lokuthi ngingakwenza lokhu?"[h] Zamphendula: "Yebo, Nkosi." **29** Khonake wathinta amehlo azo,[i] wathi: "Makwenzeke kini ngokokholo lwenu." **30** Amehlo azo abona. Ngaphezu kwalokho, uJesu wazidonsa ngendlebe, wathi: "Qaphelani ukuba kungazi muntu ngakho."[j] **31** Kodwa seziphumele ngaphandle, zatshela abanye ngaye kuso sonke leso sifunda.

**32** Lapho sebehamba, abantu bamlethela umuntu oyisimungulu onedemoni;[k] **33** ngemva kokuba idemoni selixoshiwe, umuntu oyisimungulu wakhuluma.[l] Nokho, izixuku zamangala zathi: "Akukaze kubonwe okunje kwa-Israyeli."[m] **34** Kodwa abaFarisi babethi: "Uxosha amademoni ngombusi wamademoni."[n]

ISAHL. 9
a IzA 21:3, Hos 6:6, Mat 12:7
b Mar 2:18-20, Luk 5:33-35
c Mat 22:2
d Mat 26:2
e Mar 2:21, 22, Luk 5:36-39
f Mar 5:22-24, Luk 8:41, 42, Joh 11:25
g Lev 15:25
h Mar 5:25-34, Mar 6:56, Luk 8:43-48

Uhla 2
a Mar 10:52, Luk 7:50, Luk 17:19, Luk 18:42
b Joh 4:53
c Mar 5:38-43, Luk 8:52-56
d Joh 11:11
e Mar 9:27
f Luk 8:55
g Mat 20:30
h IzE 14:9, 10
i Mat 20:34
j Isay 42:2, Mat 12:15, 16, Mar 1:44, 45, Mar 7:35, 36
k Mat 12:22, Luk 11:14
l Mat 15:31
m Mar 2:12
n Mat 12:24, Mar 3:22, Luk 11:15

**9:17** *Lezi zigubhu zazenziwe ngesikhumba. **9:20** *Noma, "umphetho."

**35** UJesu wathatha uhambo
oluya kuwo wonke amadolo-
bha nemizi, efundisa emasina-
gogeni abo eshumayela izinda-
ba ezinhle zoMbuso, elapha yo-
nke inhlobo yesifo nayo yo-
nke inhlobo yobuthakathaka.[a]
**36** Lapho ebona izixuku wa-
fikelwa isihawu ngazo,[b] ngoba
zazihlukumezekile futhi zihla-
kazekile njengezimvu ezinge-
namalusi.[c] **37** Wabe esethi
kubafundi bakhe: “Ngempela,
umsebenzi wokuvuna mkhulu,
kodwa izisebenzi zimbalwa.[d]
**38** Ngakho, ncengani iNkosi
yokuvuna ukuba ithumele izi-
sebenzi ekuvuneni kwayo.”[e]

**10** Ngakho wabiza abafundi
bakhe abangu-12 wabani-
ka igunya phezu kwemimoya
engcolile,[f] ukuze bayixoshe fu-
thi belaphe yonke inhlobo ye-
sifo nayo yonke inhlobo yobu-
thakathaka.
**2** Amagama abaphostoli aba-
ngu-12 yilawa:[g] Owokuqala, ngu-
Simoni, obizwa ngokuthi uPe-
tru,[h] no-Andreya[i] umfowabo;
uJakobe indodana kaZebedewu
noJohane[j] umfowabo; **3** uFili-
phu noBartolomewu;[k] uToma-
se[l] noMathewu[m] umqoqi we-
ntela; uJakobe indodana ka-
Alfewu; noThadewu; **4** uSimo-
ni umKhanana;* noJuda Iskari-
yothe, lowo kamuva owamkha-
phela.[n]
**5** UJesu wabathuma laba
abangu-12, wabanika lezi zi-
qondiso:[o] “Ningayi emgwaqweni
wezizwe, futhi ningangeni ku-
noma yiliphi idolobha lamaSa-
mariya;[p] **6** kodwa kunalokho,
yanini njalo ezimvwini ezilahle-
kile zendlu ka-Israyeli.[q] **7** Nje-
ngoba nihamba, nishumayele
nithi: ‘UMbuso wamazulu usu-
sondele.’[r] **8** Yelaphani abagu-
layo,[s] nivuse abafile, nenze
abanochoko bahlanzeke, nixo-
she amademoni. Namukele nge-
sihle, yiphani ngesihle. **9** Ni-
ngaphathi golide nasiliva na-
thusi esikhwameni senu semali
esisebhandeni,[a] **10** nasikhwa-
ma somphako, nazingubo ezi-
mbili,* nazimbadada naludo-
ndolo,[b] ngoba isisebenzi sifane-
lwe ukudla kwaso.[c]
**11** “Kunoma yiliphi idolobha
noma imizi eningena kuyo, fu-
nani ukuthi ubani ofanele-
kayo khona, nihlale khona nize
nihambe.[d] **12** Lapho ningena
endlini, yibingeleleni leyo ndlu.
**13** Uma indlu inamukela, uku-
thula eniyifisela kona makwe-
hlele kuyo;[e] kodwa uma inga-
namukeli, ukuthula okuvela
kini makubuyele kini. **14** No-
maphi lapho umuntu engana-
mukeli khona noma engawala-
leli amazwi enu, lapho niphu-
ma kuleyo ndlu noma kulelo
dolobha nithintithe uthuli ezi-
nyaweni zenu.[f] **15** Ngiqinisile
ngithi kini, ngoSuku Lokwa-
hlulela kuyoba nzima kakhulu
kulelo dolobha kunaseSodoma
naseGomora[g].
**16** “Nginithuma njengezimvu
phakathi kwezimpisi; ngakho yi-
bani abaqaphile njengezinyo-
ka nokho nibe msulwa nje-
ngamajuba.[h] **17** Qaphelani
abantu, ngoba bayoninikela ezi-
nkantolo zendawo,[i] futhi bani-
bhaxabule[j] emasinagogeni abo.[k]
**18** Niyolethwa phambi kwaba-
busi namakhosi[l] ngenxa yami.
Ngaleyo ndlela niyokwazi ukufa-
kaza ngami kubo nasezizweni.[m]
**19** Nokho, lapho beninikela, ni-
ngakhathazeki ngokuthi niyo-
khuluma kanjani noma ngokuthi
niyothini, ngoba lokho eniyoku-
khuluma niyokunikwa ngalo lelo
hora;[n] **20** ngoba akunina nje

**10:4** * Noma, “oshisekayo.”

**10:10** * Noma, “nangubo yokushintsha.”

**ISAHL. 9**
a Mat 4:23
b Mat 14:14; Heb 4:15
c Num 27:16, 17; 1Kh 22:17; Hez 34:5; Mar 6:34
d Luk 10:2; Joh 4:35
e Rom 10:14

**ISAHL. 10**
f Mar 3:14, 15; Mar 6:7; Luk 9:1, 2
g Mar 3:16-19; Luk 6:13-16; IzE 1:13
h Joh 1:42; IzE 15:14
i Mar 1:16; Joh 1:40
j Mat 4:21
k Joh 1:45
l Joh 11:16; Joh 20:27
m Mar 2:14; Luk 5:27
n Mat 26:47; Joh 13:18
o Mar 6:7; Luk 9:1, 2
p 2Kh 17:24
q Isay 53:6; Hez 34:6; IzE 13:45, 46
r Mat 4:17; Luk 10:9
s Luk 9:2

**Uhla 2**
a Mar 6:8, 9
b Luk 9:3
c Luk 10:7; 1Ko 9:7, 14
d Mar 6:10; Luk 9:4
e Luk 10:5
f Mar 6:11; Luk 9:5; Luk 10:6, 11; IzE 13:50, 51
g Gen 19:4, 5; 2Pe 2:6; Jud 7
h Flp 2:14, 15
i Mat 24:9
j IzE 5:40; 2Ko 11:24
k Mat 23:34; Mar 13:9; Luk 21:12, 13
l IzE 4:8; IzE 24:10; IzE 25:23; IzE 26:25; IzE 27:23, 24
m Mat 24:14
n Mar 13:11; Luk 12:11, 12; Luk 21:14, 15

enikhulumayo, kodwa ngu-
moya kaYihlo okhuluma ngani.[a]
**21** Ngaphezu kwalokho, umu-
ntu uyonikela umfowabo eku-
feni, noyise umntanakhe, naba-
ntwana bayovukela abazali ba-
babulalise.[b] **22** Niyozondwa
abantu bonke ngenxa yega-
ma lami,[c] kodwa lowo okhu-
thazele kwaze kwaba* seku-
pheleni uyosindiswa.[d] **23** Uma
benishushisa kwelinye idolobha,
nibalekele kwelinye;[e] ngoba ngi-
qinisile ngithi kini, ngeke neze
niqede ukujikeleza amadolobha
akwa-Israyeli ingakafiki iNdoda-
na yomuntu.

**24** "Umfundi akekho nga-
phezu komfundisi wakhe, ne-
nceku ayikho ngaphezu kwe-
nkosi yayo.[f] **25** Kwanele ngo-
mfundi ukuba abe njengomfu-
ndisi wakhe, nenceku uku-
ba ibe njengenkosi yayo.[g] Uma
abantu bebize umninindlu ngo-
kuthi uBhelizebhubhe,*[h] ka-
khulu kangakanani abendlu
yakhe? **26** Ngakho ningabesa-
bi, ngoba akukho okumbozi-
we okungeke kwambulwe, no-
kufihlekile okungeke kwaziwe.[i]
**27** Lokho mina enginitshela
khona ebumnyameni, nina ku-
shoni ekukhanyeni, nalokho
enikuzwa kuhletshwa, kushu-
mayeleni phezu kwezindlu.[j]
**28** Ningabesabi labo abanga-
se babulale umzimba kodwa
abangeke bakwazi ukunivi-
mba ukuba niphile esikhathini
esizayo;[k] kunalokho yesabani
lowo onganibhubhisa eGehe-
na.*[l] **29** Ondlunkulu ababili
abathengiswa yini ngohlamvu
lwemali lwenani elincane?* No-
kho ngeke kuwele phansi na-
munye wabo uYihlo angazi.[a]
**30** Kodwa ngisho nezinwele
ezisemakhanda enu zibaliwe
zonke. **31** Ngakho ningesabi;
nina nibaluleke ngaphezu ko-
ndlunkulu abaningi.[b]

**32** "Khona-ke, wonke umu-
ntu ongivumayo phambi kwa-
bantu,[c] nami ngiyomvuma pha-
mbi kukaBaba osemazulwini.[d]
**33** Kodwa noma ubani ongiphi-
kayo phambi kwabantu, nami
ngiyomphika phambi kukaBaba
osemazulwini.[e] **34** Ningacaba-
ngi ukuthi ngizele ukuletha uku-
thula emhlabeni; angizelanga
ukuletha ukuthula, kodwa inke-
mba.[f] **35** Ngoba ngize ukuzo-
bangela ukuhlukana, umuntu
amelane noyise, nendodakazi
imelane nonina, nomalokazana
amelane noninazala.[g] **36** Nge-
mpela, izitha zomuntu kuyo-
ba abantu bomndeni wakhe.
**37** Noma ubani othanda ka-
khulu uyise noma unina ku-
nami akangifanele; futhi noma
ubani othanda kakhulu indo-
dana noma indodakazi kunami
akangifanele.[h] **38** Noma ubani
ongasamukeli isigxobo sakhe
sokuhlushwa* angilandele aka-
ngifanele.[i] **39** Noma ubani oza-
ma ukusindisa ukuphila kwakhe
uyolahlekelwa yikho, noma uba-
ni olahlekelwa ukuphila kwakhe
ngenxa yami uyokusindisa.[j]

**40** "Onamukelayo uyanga-
mukela nami, nalowo onga-
mukelayo, wamukela naLowo
ongithumile.[k] **41** Owamukela
umprofethi ngoba engumpro-
fethi uyothola umvuzo wom-
profethi,[l] nowamukela umuntu
olungile ngoba engumuntu olu-
ngile uyothola umvuzo womu-
ntu olungile. **42** Noma ubani
ophuzisa oyedwa kulaba aba-
ncane inkomishi nje yamanzi
abandayo ngoba engumfundi,

---

**10:22** *Noma, "okhuthazela kuze kube." **10:25** *Yigama elibhekisela kuSathane, isikhulu, noma umbusi wamademoni. **10:28, 38** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **10:29** *NgesiGreki, "ngeasariyoni." Bheka iSithasiselo B14.

---

ISAHL. 10
a Joh 14:26
b Mik 7:6; Mat 10:36
c Mat 24:9; Luk 21:17; Joh 15:21
d Mat 24:13; Luk 21:19; IsA 2:10
e Mat 23:34; IzE 8:1
f Joh 15:20
g 1Pe 2:21
h Mat 12:24; Mar 3:22; Luk 11:15; Joh 8:48
i Mar 4:22; Luk 8:17
j Luk 12:3
k IzA 29:25; IsA 2:10
l Luk 12:4, 5; Heb 10:31

Uhla 2
a Luk 12:6, 7
b Mat 6:26
c Rom 10:9
d Luk 12:8, 9; IsA 3:5
e Mar 8:38; Luk 9:26; 2Ti 2:12
f Luk 12:51-53
g Mik 7:6
h Mat 19:29; Luk 14:26
i Mat 16:24, 25; Mar 8:34, 35; Luk 9:23; Luk 14:27
j Luk 17:33; Joh 12:25
k Mat 25:40; Luk 10:16; Joh 12:44; Joh 13:20
l 1Kh 17:9, 10; 1Kh 17:20-23; 2Kh 4:8; 2Kh 4:13-17

ngiqinisile ngithi kini, akasoze
alahlekelwa umvuzo wakhe.”[a]

**11** Lapho uJesu eseqedile
ukunika abafundi bakhe
abangu-12 iziqondiso, wasu-
ka lapho ukuze afundise futhi
ashumayele kwamanye amado-
lobha.[b]
**2** Kodwa uJohane, ezwe
esejele[c] ngemisebenzi kaKri-
stu, wathumela abafundi bakhe[d]
**3** ukuba bambuze: “Ingabe
wena unguYe Ozayo, noma ku-
mele silindele omunye?”[e]
**4** UJesu ephendula wathi kubo:
“Hambani nibikele uJohane lo-
kho enikuzwayo nenikubona-
yo:[f] **5** Izimpumputhe seziyabo-
na[g] nezinyonga ziyahamba, aba-
nochoko[h] bayahlanzwa nezithu-
lu ziyezwa, abafile bayavu-
swa futhi abampofu batshelwa
izindaba ezinhle.[i] **6** Uyajabula
ongasitholi isizathu sokukhube-
ka ngami.”[j]
**7** Ngesikhathi laba beha-
mba, uJesu waqala ukukhu-
luma nezixuku ngokuphathele-
ne noJohane, wathi: “Yini ena-
phumela ukuyoyibona ehlane?[k]
Umhlanga unyakaziswa umo-
ya?[l] **8** Pho yini enaphumela
ukuyibona? Umuntu ogqoke
izingubo ezintofontofo?* Phe-
la, abagqoke izingubo ezi-
ntofontofo basezindlini zama-
khosi. **9** Khona-ke, naphume-
lani ngempela? Ukuyobona um-
profethi? Yebo, ngiyanitshe-
la, ongaphezulu kakhulu ku-
nomprofethi.[m] **10** Lona ngu-
ye okulotshwe ngaye ukuthi:
‘Bheka! Ngithuma isithunywa
sami ngaphambi kwakho,* esi-
zolungisa indlela yakho pha-
mbi kwakho!’[n] **11** Ngiqinisile
ngithi kini, phakathi kwaba-
zelwe ngabesifazane akuzange
kuvele omkhulu kunoJohane
uMbhapathizi kodwa omncane
kunabanye eMbusweni wama-
zulu mkhulu kunaye.[a] **12** Ku-
sukela ezinsukwini zikaJohane
uMbhapathizi kuze kube ma-
nje, uMbuso wamazulu uwu-
mgomo abantu abaphikelele
kuwo, futhi labo abaphikele-
layo bayawuthola.[b] **13** Ngoba
bonke, abaProfethi noMthetho,
baprofetha kwaze kwaba ku-
Johane;[c] **14** futhi uma nifu-
na ukukwamukela lokhu, yena
‘ungu-Eliya ozayo.’[d] **15** Onezi-
ndlebe makalalele.
**16** “Lesi sizukulwane ngizo-
sifanisa nobani?[e] Sifana naba-
ntwana abancane abahlezi ezi-
gcawini abamemeza abadla-
la nabo, **17** bethi: ‘Sinishaye-
le umtshingo kodwa anida-
nsanga; salila kodwa anizange
nibe lusizi.’* **18** Ngokufanayo,
uJohane weza engadli futhi
engaphuzi kodwa abantu ba-
thi, ‘Unedemoni.’ **19** INdoda-
na yomuntu ize idla futhi iphu-
za[f] kodwa abantu bathi, ‘Bhe-
kani! Umuntu ominzayo notha-
nda ukuphuza iwayini, umnga-
ni wabaqoqi bentela nezoni.’[g]
Noma kunjalo, ukuhlakanipha
kubonakaliswa kulungile yimi-
sebenzi yako.”*[h]
**20** Khona-ke waqala ukuso-
la amadolobha okwakwenziwe
kuwo eminingi yemisebenzi ya-
khe yamandla, ngoba abahla-
la kuwo bengazange baphe-
nduke: **21** “Maye kuwe Khora-
zini! Maye kuwe Bhetsayida!
ngoba ukube imisebenzi ya-
mandla eyenziwe kini yayenzi-
we eThire naseSidoni, abahlala
khona ngabe kudala baphe-
nduka ngokugqoka indwangu
yesaka nangokuhlala emlothe-
ni.[i] **22** Kodwa ngithi kini,

---

**11:8** *Noma, “izingubo ezinhle.” **11:10** *NgesiGreki, “phambi kobuso bakho.”

**11:17** *Noma, “anizishayanga ngenxa yosizi.” **11:19** *Noma, “yimiphumela yako.”

---

**ISAHL. 10**
*a* Mat 25:40; Mar 9:41; Heb 6:10

**ISAHL. 11**
*b* Mat 4:23; Mat 19:1; Luk 9:6
*c* Mat 14:3; Mar 6:17
*d* Luk 7:18-23
*e* Mat 3:11; Joh 1:15
*f* Luk 7:22
*g* Isay 35:5, 6; Isay 61:1
*h* Mat 8:3
*i* Mat 4:23
*j* Mar 6:3; Luk 7:23; 1Ko 1:23; 1Pe 2:7, 8
*k* Mat 3:1, 5
*l* Luk 7:24-28
*m* Luk 1:67, 76
*n* Mal 3:1; Mat 3:3; Mar 1:2; Luk 1:17; Joh 3:28

**Uhla 2**
*a* Luk 7:28; Joh 3:3
*b* Luk 13:24
*c* Luk 16:16
*d* Mal 4:5; Mat 17:10-13
*e* Luk 7:31-35
*f* Mat 9:10; Mar 2:15; Joh 2:2
*g* Luk 5:30; Luk 15:2; Luk 19:7
*h* Luk 7:34, 35
*i* Jon 3:5, 6; Luk 10:13

ngoSuku Lokwahlulela kuyo-
ba nzima kakhulu kini kuna-
seThire naseSidoni.[a] **23** Nawe,
Kapernawume,[b] ingabe mhlawu-
mbe uyophakanyiselwa ezulwi-
ni? Uyokwehlela eThuneni;*[c]
ngoba ukube imisebenzi ya-
mandla eyenziwe kuwe yaye-
nziwe eSodoma, ngabe lisekho-
na nanamuhla. **24** Kodwa ngi-
thi kuwe, ngoSuku Lokwahlule-
la kuyoba nzima kakhulu kuwe
kunaseSodoma.”[d]

**25** Ngaleso sikhathi uJe-
su wathi: “Ngikudumisa obala,
Baba, Nkosi yezulu nomhlaba,
ngoba uzifihlile lezi zinto kwa-
bahlakaniphile nakongqondo-
ngqondo wazambulela izinga-
ne.[e] **26** Yebo, Baba, ngoba yi-
lena indlela ofuna kube ngayo.
**27** Zonke izinto uBaba uzini-
keze mina,[f] futhi akekho oya-
zi ngokugcwele iNdodana nga-
phandle kukaYise;[g] futhi aku-
kho muntu omazi ngokugcwele
uYise ngaphandle kweNdodana
kanye nanoma ubani iNdodana
ethanda ukumambula kuye.[h]
**28** Wozani kimi, nina nonke
enikhandlekayo nenisindwayo,
ngizoninika amandla.* **29** Be-
kani ijoka lami phezu kwenu
nifunde kimi, ngoba ngimnene
futhi ngithobekile,*[i] nizothola
ukuqabuleka. **30** Ngoba ijoka
lami ngelomusa* nomthwalo
wami ulula.”

**12** Ngaleso sikhathi uJesu
wadabula emasimini nge-
Sabatha. Abafundi bakhe ba-
lamba bakha izikhwebu ba-
dla.[j] **2** Lapho bekubona lo-
khu, abaFarisi bathi kuye:
“Bheka! Abafundi bakho be-
nza lokho umthetho ongakuvu-
meli ukuba kwenziwe ngeSa-
batha.”[a] **3** Wathi kubo: “Ani-
kufundanga yini lokho uDavide
akwenza lapho yena namadoda
ayenaye belambile?[b] **4** Indle-
la angena ngayo endlini ka-
Nkulunkulu, badla izinkwa zo-
kubukwa,[c] into umthetho owa-
wungavumi ukuba yena noma
labo ababenaye bayidle, nga-
phandle kwabapristi kuphe-
la?[d] **5** Noma anifundanga yini
eMthethweni ukuthi ngamaSa-
batha abapristi ethempelini ba-
yalona iSabatha kodwa ba-
qhubeke bengenacala?[e] **6** Ko-
dwa ngiyanitshela, lapha ku-
khona okukhulu kunethempe-
li.[f] **7** Nokho, ukube benikuqo-
ndile ukuthi kusho ukuthi-
ni lokhu, ‘Ngifuna isihe,[g] hha-
yi umhlatshelo,’[h] ngabe aniba-
lahlanga laba abangenacala.
**8** Ngoba iNdodana yomuntu
iyiNkosi yeSabatha.”[i]

**9** Ngemva kokuhamba kule-
yo ndawo wangena esinagoge-
ni labo, **10** futhi kwakukho-
na umuntu onesandla esishwa-
bene!*[j] Ngakho bambuza bathi,
“Kungokomthetho yini ukwe-
lapha ngeSabatha?” ukuze ba-
mbeke icala.[k] **11** Wathi kubo:
“Uma umuntu enemvu eyodwa
bese leyo mvu iwela emgodi-
ni ngeSabatha, ubani phakathi
kwenu ongeke ayibambe ayi-
khiphe?[l] **12** Umuntu ubalule-
ke ngisho nakakhulu kune-
mvu! Ngakho kungokomthe-
tho ukwenza into enhle ngeSa-
batha.” **13** Ngemva kwalokho
wathi kulo muntu: “Yelula isa-
ndla sakho.” Waselula, saphila
saba njengesinye. **14** Kodwa
abaFarisi baphuma bamakhe-
la uzungu ukuze bambulale.
**15** Azi ngalokho, uJesu wasu-
ka lapho. Abaningi bamlande-
la,[m] wabelapha bonke, **16** ko-

**ISAHL. 11**
a Luk 10:14
b Luk 4:31
c Luk 10:15
d Mat 10:15; Luk 10:12
e Isay 29:14; Mat 13:15; Luk 10:21; 1Ko 1:27
f Joh 3:35
g Joh 1:18
h Luk 10:22; Joh 10:15; 1Jo 5:20
i Zak 9:9

**ISAHL. 12**
j Eks 12:16; Dut 23:25; Mar 2:23-28; Luk 6:1-5

**Uhla 2**
a Eks 20:10; Eks 31:15; Dut 5:14
b 1Sa 21:1-6
c Eks 25:30; Eks 40:22, 23
d Lev 24:5-9
e Num 28:9; Joh 7:22
f Luk 11:31, 32
g Mat 23:23
h Hos 6:6; Mik 6:6, 8; Mat 9:13
i Mar 2:27, 28; Luk 6:5
j Mar 3:1-6; Luk 6:6-11
k Luk 14:3; Joh 9:16
l Eks 23:4; Dut 22:4; Luk 14:5
m Mar 3:7

---

**11:23** *Noma, “eHayidesi,” okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **11:28** *Noma, “ngizoniphumuza.” **11:29** *NgesiGreki, “ngithobekile ngenhliziyo.” **11:30** *Noma, “lilula.”

**12:10** *Noma, “esikhubazekile.”

dwa wabadonsa ngendlebe
ukuba bangamvezi,[a] **17** uku-
ze kugcwaliseke lokho okwa-
khulunywa ngo-Isaya umprofe-
thi, owathi:

**18** “Bheka! Inceku yami[b]
engayikhetha, othandekayo wa-
mi, engimamukele![c] Ngizobe-
ka umoya wami phezu kwakhe,[d]
uyocacisela izizwe ukuthi ubu-
lungisa buyini. **19** Ngeke axa-
bane[e] namuntu noma amemeze
kakhulu futhi akekho oyokuzwa
izwi lakhe emigwaqweni emi-
khulu. **20** Akukho mhlanga oli-
mele ayowufohloza, akukho nta-
mbo elokozayo ayoyicima,[f] kuze
kube yilapho eletha ubulungi-
sa ngempumelelo. **21** Ngempe-
la, izizwe ziyothembela egameni
lakhe.”[g]

**22** Khona-ke bamlethela
indoda enedemoni, iyimpumpu-
the futhi iyisimungulu, wayi-
phulukisa, le ndoda eyisimu-
ngulu yakhuluma futhi yabona.
**23** Nokho, zonke izixuku zama-
ngala zathi: “Kungenzeka yini
mhlawumbe ukuthi lo uyiNdo-
dana kaDavide?” **24** Lapho be-
zwa lokhu, abaFarisi bathi: “Lo
muntu uxosha amademoni ngo-
Bhelizebhubhe* kuphela, umbu-
si wamademoni.”[h] **25** Eyazi imi-
cabango yabo, wathi kubo: “Yo-
nke imibuso ehlukene phakathi
iyawa futhi wonke amadolobha
noma izindlu ezihlukene pha-
kathi ngeke zime. **26** Ngendle-
la efanayo, uma uSathane exo-
sha uSathane, uhlukene yedwa;
pho umbuso wakhe uyoma ka-
njani? **27** Ngaphezu kwalokho,
uma mina ngixosha amademo-
ni ngoBhelizebhubhe, amadoda-
na enu wona awaxosha ngo-
bani? Yingakho eyoba abahlule-
li benu. **28** Kodwa uma kungu-
kuthi ngixosha amademoni ngo-
moya kaNkulunkulu, ngempela
uMbuso kaNkulunkulu usunifici-
le.[a] **29** Noma, umuntu angayi-
hlasela kanjani indlu yomuntu
onamandla amqhwage izinto za-
khe, ngaphandle kokuba aqa-
le abophe lowo muntu onama-
ndla? Khona-ke uyobe esepha-
nga indlu yakhe. **30** Ongekho
ngasohlangothini lwami ume-
lene nami, nongaqoqi kanye
nami uyahlakaza.[b]

**31** “Ngenxa yalokhu ngithi
kini, abantu bayothethelelwa
yonke inhlobo yesono noku-
hlambalaza, kodwa ukuhla-
mbalaza umoya ngeke kuthe-
thelelwe.[c] **32** Ngokwesibone-
lo, noma ubani okhuluma izwi
elimelene neNdodana yomu-
ntu, uyothethelelwa;[d] kodwa
noma ubani okhuluma ngoku-
melene nomoya ongcwele, nge-
ke athethelelwe, kulesi simiso
sezinto* nakuleso esizayo.[e]

**33** “Yenzani isihlahla sibe
sihle nesithelo saso sibe sihle
noma nisibolise nesithelo saso
sibole, ngoba isihlahla sazi-
wa ngesithelo saso.[f] **34** Nza-
lo yezinyoka,[g] ningazikhuluma
kanjani izinto ezinhle nibe ni-
babi? Ngoba umlomo ukhulu-
ma ngokuchichima kwenhlizi-
yo.[h] **35** Umuntu omuhle ukhi-
pha izinto ezinhle emcebwe-
ni wakhe omuhle, kanti umu-
ntu omubi ukhipha izinto ezi-
mbi emcebweni wakhe omubi.[i]
**36** Ngiyanitshela ngithi wo-
nke amazwi angakhi abantu
abawakhulumayo, bayolandisa[j]
ngawo ngoSuku Lokwahlulela;
**37** ngoba ngamazwi akho ku-
yothiwa ulungile, futhi ngama-
zwi akho uyolahlwa.”

**38** Khona-ke bemphendula
abanye kubabhali nakubaFari-
si bathi kuye: “Mfundisi, sifuna
ukubona isibonakaliso esivela

---

**12:24** *Yigama elibhekisela kuSathane.

**12:32** *Noma, “kulesi sikhathi.” Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

---

**ISAHL. 12**
*a* Mat 8:3, 4; Mar 3:11, 12; Mar 7:35, 36
*b* IzE 3:13
*c* Mat 3:17; Mat 17:5
*d* Isay 61:1; Mar 1:10
*e* 2Ti 2:24
*f* Mat 11:28
*g* Isay 11:10; Isay 42:1-4; IzE 4:12
*h* Mar 3:22-27; Luk 11:15-23

**Uhla 2**
*a* Luk 11:20
*b* Mar 9:40; Luk 9:50; Luk 11:23
*c* Mar 3:28, 29; IzE 7:51; Heb 6:4, 6
*d* 1Ti 1:13
*e* Luk 12:10; Heb 10:26
*f* Mat 7:17; Luk 6:43
*g* Mat 3:7; Mat 23:33
*h* Mat 15:11
*i* Luk 6:45; Jak 3:6
*j* Shu 12:14; Rom 14:12

kuwe.”[a] **39** Ephendula wathi
kubo: “Isizukulwane esibi ne-
siphingayo* siyaqhubeka sifu-
na isibonakaliso, kodwa akukho
sibonakaliso esizonikwa sona
ngaphandle kwesibonakaliso si-
kaJona umprofethi.[b] **40** Nje-
ngoba nje uJona ayesesiswini
senhlanzi enkulu izinsuku ezi-
ntathu nobusuku obuthathu,[c]
kanjalo neNdodana yomuntu
izoba semathunjini omhlaba izi-
nsuku ezintathu nobusuku obu-
thathu.[d] **41** Abantu baseNine-
ve bayovuka kanye nalesi si-
zukulwane ekwahlulelweni ba-
silahle, ngoba baphenduka
ngalokho uJona akushumaye-
la.[e] Kodwa bhekani! Lapha ku-
khona ongaphezu kukaJona.[f]
**42** Indlovukazi yaseningizimu
iyovuswa kanye nalesi sizuku-
lwane ekwahlulelweni isilahle,
ngoba yeza ivela emaphethelwe-
ni omhlaba izozwa ukuhla-
kanipha kukaSolomoni.[g] Kodwa
bhekani! Lapha kukhona onga-
phezu kukaSolomoni.[h]

**43** “Lapho umoya ongcoli-
le uphuma kumuntu, unqamula
ezindaweni ezingenamanzi ufu-
na indawo yokuphumula, ko-
dwa ungayitholi.[i] **44** Ube se-
wuthi, ‘Ngizophindela emuva
endlini yami engiphume kuyo,’
lapho ufika, uyithola ingena-
muntu kodwa ishanelwe kahle
futhi ihlotshisiwe. **45** Nge-
mva kwalokho, uyahamba ula-
nde eminye imimoya eyisikho-
mbisa emibi kakhulu kunawo,
kuthi ngemva kokungena nga-
phakathi, ihlale khona; isimo
sokugcina salowo muntu siba
sibi kakhulu kunesokuqala.[j] Yi-
leyo ndlela okuyoba ngayo nga-
lesi sizukulwane esibi.”

**46** Esakhuluma nezixuku,
unina nabafowabo[k] babemi
ngaphandle befuna ukukhulu-
ma naye.[a] **47** Ngakho othile
wathi kuye: “Unyoko nabafo-
wenu bami ngaphandle, bafuna
ukukhuluma nawe.” **48** Ephe-
ndula wathi kulowo owayem-
tshela: “Ngubani umama, obani
abafowethu?” **49** Elulela isa-
ndla ngakubafundi bakhe, wa-
thi: “Bhekani! Umama nabafo-
wethu![b] **50** Ngoba noma uba-
ni owenza intando kaBaba ose-
zulwini, nguye ongumfowethu
nodadewethu nomama.”[c]

**13** Ngalolo suku uJesu wa-
suka kuleyo ndlu, wa-
hlala ngasolwandle. **2** Isixu-
ku esikhulu sabuthanela kuye,
waze wagibela esikebheni wa-
hlala phansi, sonke isixuku
simi ogwini.[d] **3** Wasitshela izi-
nto eziningi esebenzisa imifa-
nekiso,[e] wathi: “Bhekani! Kwa-
phuma umhlwanyeli eyohlwa-
nyela.[f] **4** Njengoba ehlwanye-
la, enye imbewu yawela eceleni
kwendlela, kwafika izinyoni za-
yidla zayiqeda.[g] **5** Enye yawe-
la endaweni enamadwala eyayi-
ngenayo inhlabathi eningi, ya-
mila ngokushesha ngenxa yo-
kuthi inhlabathi yayingajulile.[h]
**6** Kodwa lapho ilanga liphuma,
yahanguka yabuna ngoba yayi-
ngenampande. **7** Enye yawela
phakathi kwameva, ameva
akhula ayiminyanisa.[i] **8** Kanti
enye yawela enhlabathini eka-
hle yaqala ukuthela, enye izi-
khathi ezingu-100, enye ezingu-
60, nenye ezingu-30.[j] **9** Onezi-
ndlebe makalalele.”[k]

**10** Ngakho abafundi beza
bathi kuye: “Kungani ukhulu-
ma nabo ngokusebenzisa imi-
fanekiso?”[l] **11** Waphendula wa-
thi: “Nina nikunikiwe ukuqonda
izimfihlo ezingcwele[m] zoMbuso
wamazulu, kodwa bona abakuni-
kwanga. **12** Ngoba noma ubani
onakho, uyonikwa okwengeziwe
futhi uyoba nokuningi; kodwa

**12:39** *Noma, “nesingathembekile.”

**ISAHL. 12**
*a* Mat 16:1
*b* Mat 16:4; Luk 11:29-32
*c* Jon 1:17
*d* Mat 16:21; Mat 17:23; Mat 27:63; Luk 24:46
*e* Jon 3:5
*f* Luk 11:30
*g* 1Kh 10:1; 2Kr 9:1
*h* Mat 12:6; Luk 11:31
*i* Luk 11:24-26
*j* Heb 6:4, 6; 2Pe 2:20
*k* Mat 13:55; Joh 2:12; IzE 1:14; 1Ko 9:5; Gal 1:19

**Uhla 2**
*a* Mar 3:31-35
*b* Joh 20:17; Heb 2:11
*c* Mar 3:35; Luk 8:21

**ISAHL. 13**
*d* Mar 4:1
*e* Mat 13:34
*f* Mar 4:3-9; Luk 8:4-8
*g* Mat 13:19
*h* Mat 13:20, 21
*i* Mat 13:22; Mar 4:18, 19; Luk 8:14
*j* Mat 13:23; Mar 4:8; Luk 8:8
*k* Mat 11:15
*l* Mar 4:10, 11; Luk 8:9, 10
*m* 1Ko 2:9, 10; Efe 1:9-12; Kol 1:26, 27

noma ubani ongenakho, ngi-
sho nalokho anakho uyokuphu-
cwa.[a] **13** Yingakho ngikhulu-
ma nabo ngokusebenzisa imifa-
nekiso; ngoba bayabheka kodwa
ababoni, bayezwa kodwa abala-
leli, futhi abawutholi umqondo.[b]
**14** Isiprofetho sika-Isaya siya-
gcwaliseka kubo. Sithi: 'Impe-
la niyozwa kodwa anisoze na-
wuthola umqondo wako, impela
niyobheka kodwa anisoze nabo-
na.[c] **15** Ngoba inhliziyo yalaba
bantu ibe lukhuni, nangezindle-
be zabo bazwile bangasabela,
bavale amehlo abo ukuze banga-
lokothi babone ngamehlo abo
futhi bezwe ngezindlebe zabo,
baqonde ngezinhliziyo zabo ba-
buye, mina ngibaphulukise.'[d]

**16** "Nokho, ayajabula ame-
hlo enu ngoba ayabona, ne-
zindlebe zenu ngoba ziyezwa.[e]
**17** Ngiqinisile ngithi kini, aba-
profethi abaningi nabantu aba-
lungile babefisa ukubona izinto
enizibonayo kodwa abazibona-
nga,[f] nokuzwa izinto enizizwa-
yo kodwa abazizwanga.

**18** "Manje lalelani umfane-
kiso womuntu owahlwanyela.[g]
**19** Lapho noma ubani ezwa
izwi loMbuso kodwa angawutho-
li umqondo walo, omubi[h] uya-
fika ahlwithe lokho obekuhlwa-
nyelwe enhliziyweni yakhe; lena
yileyo ehlwanyelwe eceleni kwe-
ndlela.[i] **20** Kepha leyo ehlwa-
nyelwe endaweni enamadwala,
yilowo ozwa izwi futhi ngaso
leso sikhathi alamukele ngenja-
bulo.[j] **21** Nokho imbewu ayina-
mpande enhliziyweni yakhe ko-
dwa uyaqhubeka isikhathi esi-
thile, kuthi ngemva kokuba
sekuvele usizi noma ukushu-
shiswa ngenxa yezwi, akhube-
ke ngaso leso sikhathi. **22** Ke-
pha lowo ohlwanyelwe phakathi
kwameva, yilowo olizwayo izwi
kodwa izinkathazo zokuphila*[a]
namandla engcebo akhohlisa-
yo kuliminyanise izwi, lingathe-
li.[b] **23** Kepha lowo ohlwanye-
lwe enhlabathini ekahle, ngoli-
zwayo izwi futhi awuthole umqo-
ndo walo, othelayo ngempela fu-
thi akhiqize, lona ngokuphindwe
izikhathi ezingu-100, lowo ezi-
ngu-60, lowaya ezingu-30."[c]

**24** Wabenzela omunye umfa-
nekiso, wathi: "UMbuso wama-
zulu ungafaniswa nomuntu owa-
hlwanyela imbewu enhle ensimi-
ni yakhe. **25** Ngesikhathi aba-
ntu besalele, isitha sakhe safi-
ka sahlwanyela ukhula phakathi
kukakolweni, sahamba. **26** La-
pho ukolweni uhluma futhi
uthela, khona-ke kwabonaka-
la nokhula. **27** Ngakho izince-
ku zomninindlu zeza zathi
kuye, 'Nkosi, awuhlwanyelanga
yini imbewu enhle ensimini ya-
kho? Khona-ke kwenzeka kanja-
ni ukuba ibe nokhula?' **28** Wa-
thi kuzo, 'Lokhu kwenziwe yi-
sitha, umuntu othile.'[d] Izinceku
zathi kuye, 'Uyafuna yini ukuba
siphume siyolubutha?' **29** Wa-
thi, 'Cha, ukuze kungenzeki na-
ngengozi ukuba ngesikhathi
nibutha ukhula, nisiphule no-
kolweni kanye nalo. **30** Kuye-
keni kukhule ndawonye kokubili
kuze kube sekuvuneni, ngenka-
thi yokuvuna ngizotshela abavu-
ni ngithi: Buthani ukhula kuqa-
la nilubophe izinyanda ukuze lu-
shiswe; bese nibuthela ukolwe-
ni enqolobaneni yami.' "[e]

**31** Wabenzela omunye umfa-
nekiso, wathi: "UMbuso wama-
zulu unjengohlamvu lwesinaphi,
umuntu aluthatha walutshala
ensimini yakhe.[f] **32** Eqiniswe-
ni, luyimbewu encane kunazo
zonke, kodwa lapho selukhulile

**ISAHL. 13**
*a* Mat 25:29; Mar 4:25; Luk 8:18
*b* Isay 6:10; Mar 4:12
*c* Joh 12:40; Rom 11:8; 2Ko 3:14
*d* Isay 6:9, 10; Mar 4:12; IzE 28:26, 27
*e* Luk 10:23, 24
*f* Joh 8:56; Efe 3:5; 1Pe 1:10
*g* Mar 4:14; Luk 8:11
*h* 1Pe 5:8
*i* Mar 4:15; Luk 8:12
*j* Mar 4:16, 17; Luk 8:13

**Uhla 2**
*a* Luk 12:22
*b* Mat 6:21; Mar 4:18, 19; Mar 10:23; Luk 8:14; 1Ti 6:9; 2Ti 4:10
*c* Mar 4:20; Luk 8:15
*d* Mat 13:38, 39
*e* IsA 14:15
*f* Mar 4:30-32; Luk 13:18, 19

**13:22** *Noma, "zalesi simiso sezinto." Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

luba yisitshalo esikhulu kunazo
zonke futhi luba yisihlahla, ka-
ngangokuthi izinyoni zezulu zi-
yafika zithole indawo yokuhlala
phakathi kwamagatsha aso.”
**33** Wabatshela omunye umfa-
nekiso wathi: “UMbuso wamazu-
lu unjengemvubelo, owesifaza-
ne ayithatha wayifaka kufulawa
oyizilinganiso ezintathu ezinku-
lu, kwaze kwaba yilapho yonke
inhlama isibilile.”[a]
**34** Zonke lezi zinto uJesu
wazikhuluma ezixukwini nge-
mifanekiso. Ngempela, waye-
ngakhulumi nazo ngapha-
ndle komfanekiso,[b] **35** ukuze
kugcwaliseke okwakhulunywa
ngomprofethi owathi: “Ngizo-
khuluma ngemifanekiso; ngizo-
memezela izinto ebezifihlakele
kusukela ekusungulweni kwe-
zwe.”[c]
**36** Ngemva kokuhambisa izi-
xuku wangena endlini. Aba-
fundi bakhe beza kuye ba-
thi: “Sichazele umfanekiso
wokhula ensimini.” **37** Waphe-
ndula wathi: “Umhlwanyeli we-
mbewu enhle yiNdodana yomu-
ntu; **38** insimu yizwe.[d] Imbe-
wu enhle, ngabantwana boMbu-
so; ukhula ngabantwana bomu-
bi,[e] **39** isitha esaluhlwanyela
uDeveli. Ukuvuna yisiphelo se-
simiso sezinto,* abavuni yi-
zingelosi. **40** Ngakho-ke, nje-
ngoba nje ukhula lubuthwa fu-
thi lushiswa ngomlilo, kuyoba
njalo esiphelweni sesimiso se-
zinto.*[f] **41** INdodana yomuntu
iyothumela izingelosi zayo, zibu-
the zikhiphe zonke izinto ezi-
khubekisayo eMbusweni wayo
nabantu abenza okuphambe-
ne nomthetho, **42** zibaphonse
esithandweni* somlilo.[a] Lapho
yilapho beyokhala khona ba-
ququde amazinyo. **43** Ngaleso
sikhathi abalungile bayokha-
nya ngokukhazimulayo njenge-
langa[b] eMbusweni kaYise. One-
zindlebe makalalele.
**44** “UMbuso wamazulu unje-
ngomcebo ofihlwe esigangeni,
otholwa umuntu bese eyawufi-
hla; futhi ngenxa yenjabulo uya-
hamba ayothengisa konke ana-
kho athenge leso siganga.[c]
**45** “Futhi uMbuso wamazulu
unjengomthengisi ohamba efu-
na amapharele amahle. **46** La-
pho ethola ipharele elilodwa eli-
biza kakhulu, wahamba wathe-
ngisa masinyane zonke izinto
ayenazo wayeselithenga.[d]
**47** “Futhi uMbuso wamazu-
lu unjengenethi elehliselwe
olwandle, elibutha izinhlanzi
zazo zonke izinhlobo. **48** La-
pho seligcwele balihudulela
ogwini, bahlala phansi, babu-
thela ezinhle[e] ezitsheni, ko-
dwa ezingafanelekile[f] bazila-
hla. **49** Yileyo ndlela okuyo-
ba ngayo esiphelweni sesimiso
sezinto.* Izingelosi ziyophuma
zihlukanise ababi kwabalungi-
le **50** zibaphonse esithandwe-
ni somlilo. Lapho yilapho beyo-
khala khona baququde amazi-
nyo.
**51** “Ingabe niwutholile umqo-
ndo wazo zonke lezi zinto?” Ba-
thi kuye: “Yebo.” **52** Khona-ke
wathi kubo: “Uma kunjalo, wo-
nke umuntu ofundisa umphaka-
thi ofundiswe ngoMbuso wa-
mazulu, unjengomuntu, umnini-
ndlu, okhipha emtatsheni wakhe
wengcebo izinto ezintsha nezi-
ndala.”
**53** Lapho uJesu eseyiqedi-
le le mifanekiso wasuka la-

**ISAHL. 13**
*a* Luk 13:21
*b* Mar 4:33, 34
*c* Hu 78:2
*d* Mat 24:14, Rom 10:18, Kol 1:6
*e* Joh 8:44
*f* Mat 13:30

**Uhla 2**
*a* Mat 13:30
*b* Hlu 5:31
*c* Flp 3:7
*d* Flp 3:8
*e* Lev 11:9
*f* Lev 11:12

**13:39** *Noma, “yisiphelo sesikhathi.” Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **13:40, 49** *Noma, “ekupheleni kwesikhathi.” Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**13:42** *Indawo okubaswa kuyo umlilo omkhulu.

pho. **54** Ngemva kokuba esefi-
ke endaweni yangakubo[a] wa-
qala ukubafundisa esinagoge-
ni labo, kangangokuthi bakhexa
futhi bathi: “Lo muntu ukutha-
thephi lokhu kuhlakanipha nale
misebenzi yamandla?[b] **55** Lo
akayona yini indodana yomba-
zi?[c] Unina akabizwa yini ngoku-
thi uMariya, nabafowabo ngoku-
thi oJakobe noJosefa noSimoni
noJuda?[d] **56** Odadewabo, abe-
kho yini bonke kanye nathi?
Pho lo muntu uzithathephi zo-
nke lezi zinto?”[e] **57** Ngakho
bakhubeka ngenxa yakhe.[f] Ko-
dwa uJesu wathi kubo: “Umpro-
fethi uyahlonishwa kodwa hha-
yi endaweni yakubo nasendli-
ni yakubo.”[g] **58** Ngakho ake-
nzanga imisebenzi eminingi ya-
mandla lapho ngenxa yokuntula
kwabo ukholo.

**14** Ngaleso sikhathi uHero-
de, umbusi wesifunda,
wezwa umbiko ophathelene no-
Jesu,[h] **2** wathi ezincekwini za-
khe: “Lona nguJohane uMbha-
pathizi. Uvusiwe kwabafile, yi-
ngakho enza le misebenzi ya-
mandla.”[i] **3** UHerode* wayeba-
mbe uJohane wambopha wa-
mfaka ejele ngenxa kaHero-
diya, umkaFiliphu umfowa-
bo.[j] **4** Ngoba uJohane wayelo-
khu ethi kuye: “Kuwukwephu-
la umthetho ukuba umthathe.”[k]
**5** Nakuba ayefuna ukumbulala,
wayesaba isixuku ngoba sasim-
bheka njengomprofethi.[l] **6** Ko-
dwa lapho kugujwa usuku lo-
kuzalwa lukaHerode,[m] indoda-
kazi kaHerodiya yadansa yamja-
bulisa kakhulu uHerode[n] **7** ka-
ngangokuba wafunga ukuyini-
ka noma yini eyicelayo. **8** Ngo-
kwelulekwa ngunina, yona ya-
thi: “Nginike lapha oqwembe-
ni ikhanda likaJohane uMbha-
pathizi.”[a] **9** Nakuba inkosi ya-
yilusizi, ngenxa yokucabangela
isifungo sayo nalabo ababedla*
nayo, yayala ukuba inikwe lona.
**10** Ngakho yathumela yayala
ukuba uJohane anqunywe ikha-
nda ejele. **11** Ikhanda lakhe
lalethwa lisoqwembeni lani-
kwa intombazane, yona yaliyi-
sa kunina. **12** Kamuva abafu-
ndi bakaJohane bafika basitha-
tha isidumbu sakhe bamngcwa-
ba; base beza babikela uJesu.
**13** Lapho ezwa lokhu, uJesu
wasuka lapho ngesikebhe waya
endaweni engenabantu ukuze
abe yedwa. Kodwa lapho izi-
xuku zizwa ngakho, zamlande-
la ngezinyawo zivela emadolo-
bheni.[b]

**14** Lapho ephumela ogwini,
wabona isixuku esikhulu, waba
nesihawu ngaso,[c] welapha aba-
gulayo kuso.[d] **15** Kodwa la-
pho kuhwalala, abafundi bakhe
beza kuye bathi: “Le ndawo ayi-
nabantu, nesikhathi sesihambi-
le; tshela izixuku zihambe, uku-
ze zingene emizini zizithenge-
le ukudla.”[e] **16** Nokho, uJesu
wathi kubo: “Akudingeki uku-
ba zihambe; zinikeni nina uku-
dla.” **17** Bathi kuye: “Asinalu-
tho lapha ngaphandle kwezi-
nkwa ezinhlanu nezinhlanzi ezi-
mbili.” **18** Wathi: “Ziletheni la-
pha kimi.” **19** Wayala izixuku
ukuba zihlale otshanini. Wabe
esethatha lezo zinkwa ezinhla-
nu nezinhlanzi ezimbili, ebhe-
ka phezulu ezulwini, wathanda-
za,[f] ngemva kokuhlephula izi-
nkwa, wazinika abafundi, aba-
fundi bona bazinika izixuku.
**20** Ngakho bonke badla basu-
tha, baqoqa izingcezwana ezi-
yizinsalela, zagcwala obhasiki-
di abangu-12.[g] **21** Labo aba-
bedla kwakungamadoda acishe

**14:3** *Okuwukuthi, uHerode Antipase. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**14:9** *Noma, “ababehlezi etafuleni.”

**ISAHL. 13**
a Mat 2:23
b Mar 6:1-6
c Luk 4:22; Joh 6:42
d Mat 12:46; Joh 2:12; IzE 1:14; 1Ko 9:5; Gal 1:19
e Joh 7:15
f 1Pe 2:7, 8
g Mar 6:4; Luk 4:24; Joh 4:44

**ISAHL. 14**
h Mar 6:14; Luk 9:7-9; IzE 4:27
i Mat 16:13, 14; Mar 6:16
j Mar 6:17, 18; Luk 3:19, 20
k Lev 18:16; Lev 20:21
l Mar 6:20; Luk 1:67, 76
m Gen 40:20-22
n Mar 6:21-29

**Uhla 2**
a Mar 6:25
b Mar 6:31-33; Luk 9:10
c Mat 9:36; Mat 15:32; Mar 1:41; Mar 6:34; Luk 7:13; Heb 2:17; Heb 5:2
d Luk 9:11
e Mar 6:35-44; Luk 9:12-17; Joh 6:5-13
f Mat 15:36; Mar 6:41; Luk 9:16
g 2Kh 4:42-44; Mar 6:42, 43; Mar 8:8; Luk 9:17; Joh 6:12, 13

abe ngu-5 000, uma bengaba-
lwa abesifazane nabantwana.[a]
**22** Ngaphandle kokulibala, wa-
tshela abafundi bakhe ukuba
bagibele isikebhe bahambe ku-
qala baye ogwini olungaphesheya,
yena abe ehambisa izixuku.[b]
**23** Ngemva kokuhambisa izi-
xuku, wakhuphukela entabe-
ni eyedwa ukuze ayothandaza.[c]
Kwaze kwahlwa elapho yedwa.
**24** Ngalesi sikhathi isikebhe
sase siqhele ezweni ngamami-
tha angamakhulu amaningi,* si-
lwisana namagagasi ngenxa yo-
kuthi babephambana nomoya.
**25** Kodwa entathakusa* weza
kubo, ehamba phezu kolwandle.
**26** Lapho bembona ehamba
phezu kolwandle, abafundi ba-
khathazeka, bathi: "Umbono!"
Bamemeza besaba. **27** Kodwa
uJesu wakhuluma nabo wathi:
"Yibani nesibindi! Yimina; ni-
ngesabi."[d] **28** UPetru wamphe-
ndula wathi: "Nkosi, uma ku-
nguwe, ngiyale ukuba ngize
kuwe ngihambe phezu kwama-
nzi." **29** Wathi: "Woza!" Nga-
kho uPetru, waphuma esike-
bheni, wahamba phezu kwama-
nzi waya ngakuJesu. **30** Ko-
dwa ebheka isivunguvungu, we-
saba. Lapho eqala ukucwila wa-
memeza wathi: "Nkosi, ngisi-
ndise!" **31** UJesu welula isa-
ndla sakhe masinyane, wamba-
mba wathi kuye: "Wena onokho-
lo oluncane, kungani uhlulwe
ukungabaza?"[e] **32** Ngemva ko-
kuba sebegibele esikebheni, isi-
phepho sanqamuka. **33** Kho-
na-ke ababesesikebheni bam-
khothamela, bathi: "Ngempela
wena uyiNdodana kaNkulunku-
lu." **34** Bawelela ngaphesheya
bafika eGenesaretha.[a]
**35** Lapho bembona, abantu
bakuleyo ndawo batshela bo-
nke abantu abasezindaweni
eziseduze ukuthi uJesu ufikile,
abantu bamlethela bonke aba-
begula. **36** Bamncenga ukuba
bathinte nje insephe yengubo
yakhe yangaphandle,[b] futhi bo-
nke abayithinta basinda ngoku-
phelele.

**15** Khona-ke kweza kuJe-
su abaFarisi nababha-
li[c] bevela eJerusalema, bathi:
**2** "Kungani abafundi bakho
beqa amasiko abantu basendu-
lo? Ngokwesibonelo, abazige-
zi* izandla lapho bezodla uku-
dla."[d]
**3** Ephendula wathi kubo:
"Kungani nina neqa umya-
lo kaNkulunkulu ngenxa yama-
siko enu?[e] **4** Ngokwesibonelo,
uNkulunkulu wathi, 'Hlonipha
uyihlo nonyoko,'[f] wathi futhi,
'Othuka uyise* noma unina ma-
kabulawe.'[g] **5** Kodwa nina ni-
thi, 'Noma ubani othi kuyise
noma kunina: "Noma yini engi-
nayo ebingakusiza iyisipho
esinikelwe kuNkulunkulu,"[h]
**6** akudingeki neze amhloniphe
uyise.' Ngakho nilishaya indiva
izwi likaNkulunkulu ngenxa ya-
masiko enu.[i] **7** Nina bazenzi-
si, u-Isaya waprofetha ngokufa-
nele ngani, lapho ethi:[j]
**8** 'Lesi sizwe singidumisa
ngezindebe, kodwa izinhlizi-
yo zaso zikude nami. **9** Si-
qhubeka singikhulekela nge-
ze, ngoba sifundisa imiyalo
yabantu njengezimfundiso.'"[k]
**10** Ngemva kwalokho wabiza
isixuku ukuba sisondele wa-
thi kuso: "Lalelani futhi niku-

---

**14:24** *NgesiGreki, "ngebanga elingangezinkundla zemidlalo eziningi." Ibanga lenkundla eyodwa lalingu-185 m. **14:25** *NgesiGreki, "ngenkathi yomlindo wesine wobusuku." Okuwukuthi, cishe ngo-3:00 ekuseni kuze kube sekuphumeni kwelanga cishe ngo-6:00 ekuseni.

**15:2** *Okuwukuthi, ukugeza ngokwesiko. **15:4** *Noma, "Okhuluma kabi noyise."

---

**ISAHL. 14**

*a* Mar 6:44, Luk 9:14, Joh 6:10
*b* Mar 6:45-52, Joh 6:16-21
*c* Mar 6:46, Luk 6:12, Luk 9:18
*d* Mar 6:50, Joh 6:20
*e* Mat 6:30, Mat 8:26, Mat 28:16, 17, Jak 1:6

**Uhla 2**

*a* Mar 6:53-56
*b* Mat 9:20, 21, Mar 3:10, Luk 6:19

**ISAHL. 15**

*c* Mar 7:1, 2
*d* Luk 11:38, Joh 2:6
*e* Mat 15:9, Mar 7:8-13, Kol 2:8
*f* Eks 20:12, Dut 5:16, Efe 6:2
*g* Eks 21:17, Lev 20:9
*h* Mar 7:11, 12
*i* Mar 7:13
*j* Mar 7:6
*k* Isay 29:13, Mar 7:7

qonde lokhu:[a] **11** Akukhona
okungena emlonyeni womuntu
okumngcolisayo; kodwa yilo-
kho okuphuma emlonyeni wa-
khe okumngcolisayo."[b]

**12** Khona-ke abafundi beza
bathi kuye: "Uyazi yini uku-
thi abaFarisi bakhubekile la-
pho bezwa lokho okushi-
lo?"[c] **13** Ephendula wathi: "Zo-
nke izitshalo ezingatshalwa-
nga nguBaba osezulwini ziyo-
sishulwa. **14** Bayekeni. Banga-
baholi abayizimpumputhe. Uma
impumputhe ihola impumpu-
the, zombili ziyowela emgo-
dini."[d] **15** UPetru waphendu-
la wathi kuye: "Sicacisele umfa-
nekiso." **16** Khona-ke wathi:
"Nani anikaqondi namanje?[e]
**17** Anazi yini ukuthi noma yini
engena emlonyeni idlula esiswi-
ni bese ikhishelwa endlini ya-
ngasese? **18** Kodwa noma yini
ephuma emlonyeni ivela enhlizi-
yweni, lezo zinto yizo ezi-
ngcolisa umuntu.[f] **19** Ngokwe-
sibonelo, enhliziyweni kuphu-
ma imicabango emibi:[g] ukubula-
la, ukuphinga, ukuziphatha kabi
ngokocansi,* ukweba, ubufaka-
zi obungamanga, ukuhlambala-
za. **20** Yilezi izinto ezingcolisa
umuntu; kodwa ukudla ngeza-
ndla ezingageziwe* akumngcoli-
si umuntu."

**21** UJesu wasuka lapho
waya esifundeni saseThire na-
seSidoni.[h] **22** Bheka! Owesi-
fazane ongumFenike owayeve-
la kuleso sifunda weza kuye
wamemeza, wathi: "Yiba nesi-
he kimi, Nkosi, Ndodana kaDa-
vide. Indodakazi yami ihlu-
shwa yidemoni kabuhlungu."[i]
**23** Kodwa akazange amphe-
ndule. Ngakho abafundi ba-
khe beza kuye bamncenga
bathi: "Mtshele ahambe, ngo-
ba ulokhu ememeza emva kwe-
thu." **24** Waphendula wathi:
"Angithunyelwanga kwabanye
abantu kodwa ezimvwini ezi-
lahlekile zendlu ka-Israyeli."[a]
**25** Kodwa owesifazane weza
wamkhothamela, wathi: "Nko-
si, ngisize!" **26** Waphendula
wathi: "Akulungile ukuthatha
isinkwa sabantwana usipho-
nsele imidlwane." **27** Owesi-
fazane wathi: "Yebo, Nko-
si, kodwa empeleni imidlwane
idla izimvuthu eziwa etafule-
ni labanikazi bayo."[b] **28** UJe-
su waphendula wathi kuye: "O
wena wesifazane, lukhulu
ukholo lwakho; makwenzeke
njengoba ufisa." Indodakazi ya-
khe yalulama kusukela ngalelo
hora kuqhubeke.

**29** Esuka lapho, uJesu wafi-
ka eduze koLwandle LwaseGa-
lile,[c] wabe esekhuphukela enta-
beni, wahlala khona. **30** Isixu-
ku esikhulu sasondela kuye,
saletha abantu ababeyizinyo-
nga, ababegogekile, ababeyizi-
mpumputhe, ababeyizimungulu
nabanye, sababeka ezinyaweni
zakhe, wabelapha.[d] **31** Ngakho
isixuku samangala njengoba si-
bona izimungulu zikhuluma na-
babegogekile besindile nezinyo-
nga zihamba nezimpumputhe
zibona, sakhazimulisa uNkulu-
nkulu ka-Israyeli.[e]

**32** UJesu wabizela abafu-
ndi bakhe kuye wathi: "Ngi-
yasizwela isixuku,[f] ngoba se-
sihlale nami izinsuku ezi-
ntathu futhi asikaze si-
dle. Angifuni ukusihambi-
sa silambile,* ngoba singase
siphelelwe amandla endlele-
ni."[g] **33** Nokho, abafundi ba-
thi kuye: "Kule ndawo engena-
bantu, sizozitholaphi izinkwa

**ISAHL. 15**
*a* Mar 7:14
*b* Mar 7:15; Efe 4:29; Jak 3:6
*c* Mar 7:17
*d* Mat 23:15, 16; Luk 6:39
*e* Mar 7:18-23
*f* Mar 7:20
*g* Gen 8:21; Jer 17:9
*h* Mar 7:24
*i* Mar 7:25-30

**Uhla 2**
*a* Isay 53:6; Mat 10:5, 6; IzE 3:26; IzE 13:46; Rom 15:8
*b* Mar 7:28
*c* Mar 7:31
*d* Isay 35:5; Mat 19:2; Mar 3:10
*e* Mat 9:33
*f* Mat 14:14; Mar 6:34
*g* Mar 8:1-9

---

**15:19** *Igama lesiGreki elisebuningini elithi *por·nei′a.* Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **15:20** *Okuwukuthi, ezingagezwanga ngokwesiko.

**15:32** *Noma, "singadlile."

ezanele zokusuthisa isixuku
esingaka?”[a] **34** UJesu wathi
kubo: “Ninezinkwa ezingaki?”
Bathi: “Eziyisikhombisa, nezi-
nhlanzi ezincane ezimbalwa.”
**35** Ngakho, ngemva kokuyala
isixuku ukuba sihlale pha-
nsi, **36** wathatha lezo zinkwa
eziyisikhombisa nezinhlanzi
futhi ngemva kokubonga,
wazihlephula wazinika abafu-
ndi, abafundi bona bazinika izi-
xuku.[b] **37** Bonke badla basu-
tha, kwaqoqwa obhasikidi aba-
khulu* abayisikhombisa ababe-
gcwele okwakusele.[c] **38** Labo
ababedla kwakungamadoda
angu-4 000, kanye nabesifaza-
ne nabantwana. **39** Ekugcine-
ni, ngemva kokuhambisa izixu-
ku, wagibela esikebheni wafika
esifundeni saseMagadani.[d]

**16** AbaFarisi nabaSadusi
beza kuye ukuze bamvivi-
nye, bamcela ukuba abavezele
isibonakaliso esivela ezulwini.[e]
**2** Ephendula wathi kubo: “Uma
kuhwalala nithi, ‘Izulu lizoba li-
hle, ngoba isibhakabhaka si-
bomvu njengomlilo,’ **3** ekuseni
nithi, ‘Namuhla izulu lizobanda,
libe nemvula ngoba isibhaka-
bhaka sibomvu njengomlilo ko-
dwa liguqubele.’ Niyakwazi uku-
chaza ukubonakala kwesibhaka-
bhaka, kodwa aniyiqondi inca-
zelo yezenzakalo ezenzeka ma-
nje. **4** Isizukulwane esibi nesi-
phingayo* siyaqhubeka sifuna
isibonakaliso, kodwa akukho si-
bonakaliso esizonikwa sona[f]
ngaphandle kwesibonakaliso si-
kaJona.”[g] Ngemva kwalokho wa-
hamba, wabashiya.

**5** Manje abafundi bawelela
ngaphesheya bakhohlwa uku-
phatha izinkwa.[h] **6** UJesu
wathi kubo: “Hlalani nivu-
le amehlo, niqaphele imvu-
belo yabaFarisi nabaSadusi.”[a]
**7** Ngakho baqala ukukhulu-
ma bebodwa, bethi: “Asipha-
thanga zinkwa.” **8** Ekwazi lo-
khu, uJesu wathi: “Kungani ni-
xoxa nodwa ngokuthi aninazi-
nkwa, nina eninokholo olunca-
ne? **9** Anikaqondi namanje
ukuthi ngithini, noma anisa-
zikhumbuli izinkwa ezinhlanu
ezadliwa abangu-5 000 noku-
thi bangaki obhasikidi enaba-
butha?[b] **10** Noma izinkwa ezi-
yisikhombisa ezadliwa abangu-
4 000 nokuthi bangaki obha-
sikidi abakhulu* enababutha?[c]
**11** Kwenzeka kanjani ukuba
ningaqondi ukuthi benginga-
khulumi nani ngezinkwa? Ko-
dwa qaphelani imvubelo yaba-
Farisi nabaSadusi.”[d] **12** Kho-
na-ke baqonda ukuthi waye-
ngasho ukuthi baqaphele imvu-
belo yezinkwa, kodwa imfundi-
so yabaFarisi nabaSadusi.

**13** Lapho esefike esifunde-
ni saseKhesariya Filipi, uJe-
su wabuza abafundi bakhe wa-
thi: “Abantu bathi iNdodana
yomuntu ingubani?”[e] **14** Ba-
thi: “Abanye bathi inguJoha-
ne uMbhapathizi,[f] abanye ba-
thi ingu-Eliya,[g] kanti abanye ba-
thi inguJeremiya noma ingo-
munye wabaprofethi.” **15** Wa-
thi kubo: “Nina-ke nithi
ngingubani?” **16** USimoni Pe-
tru waphendula wathi: “Ungu-
Kristu,[h] iNdodana kaNkulunku-
lu ophilayo.”[i] **17** UJesu ephe-
ndula wathi kuye: “Uyajabu-
la Simoni ndodana kaJona,
ngoba lokhu awukwambulelwa-
nga yinyama negazi,* kodwa
ukwambulelwe nguBaba ose-
mazulwini.[j] **18** Ngithi kuwe:
Wena unguPetru,[k] phezu kwa-
leli dwala[l] ngizokwakha iba-

**ISAHL. 15**
*a* 2Kh 4:42-44
*b* Mat 14:19
*c* Mar 8:8, 9
*d* Mar 8:10

**ISAHL. 16**
*e* Mat 12:38, Mar 8:11, Luk 11:16
*f* Mar 8:12
*g* Jon 1:17, Mat 12:39, Luk 11:29
*h* Mar 8:13-21

**Uhla 2**
*a* Mar 8:15, Luk 12:1
*b* Mat 14:17
*c* Mat 15:34
*d* Luk 12:1
*e* Mar 8:27-29, Luk 9:18-20
*f* Mat 14:1, 2
*g* Joh 1:25, 26
*h* Mar 8:29, Luk 9:20, Joh 1:40, 41, Joh 4:25, Joh 11:27
*i* Hu 2:7, Mat 14:33, IzE 9:20, 22, Heb 1:2, 1Jo 4:15
*j* Mat 11:27
*k* Joh 1:42
*l* Rom 9:33, 1Ko 3:11, 1Ko 10:4, Efe 2:20, 1Pe 2:6-8

**15:37; 16:10** *Noma, “bomphako.”
**16:4** *Noma, “nesingathembekile.”
**16:17** *Noma, “ngumuntu.”

ndla lami, amasango eThuna*
ngeke alehlule. 19 Ngizokuni-
ka izihluthulelo zoMbuso wama-
zulu, noma yini ongase uyibo-
phe emhlabeni iyobe isibo-
shiwe emazulwini, nanoma yini
ongase uyikhulule emhlabeni
iyobe isikhululiwe emazulwini.”
20 Khona-ke wabadonsa nge-
ndlebe abafundi ukuba banga-
tsheli muntu ukuthi unguKri-
stu.[a]

21 Kusukela ngaleso sikha-
thi kuqhubeke, uJesu waqa-
la ukuchazela abafundi ba-
khe ukuthi kwakumele aye
eJerusalema, ahlupheke nge-
zinto eziningi ezivela emado-
deni amadala nakubapristi aba-
khulu nakubabhali futhi abula-
we, avuswe ngosuku lwesitha-
thu.[b] 22 Khona-ke uPetru wa-
mbizela eceleni wamkhuza,
ethi: “Yiba nomusa kuwe, Nko-
si; ngeke neze lokhu kwenzeke
kuwe.”[c] 23 Kodwa efulathela,
wathi kuPetru: “Yana emva
kwami, Sathane! Uyisikhubeki-
so kimi, ngoba awucabangi imi-
cabango kaNkulunkulu, ucaba-
nga eyabantu.”[d]

24 UJesu wabe esethi kuba-
fundi bakhe: “Uma umuntu
efuna ukungilandela, makazide-
le athathe isigxobo sakhe so-
kuhlushwa* angilandele njalo.[e]
25 Ngoba noma ubani ofuna
ukusindisa ukuphila kwakhe ku-
yomlahlekela, kodwa noma uba-
ni olahlekelwa ukuphila kwa-
khe ngenxa yami uyosindiswa.[f]
26 Ngempela, kuyomsiza ngani
umuntu ukuzuza izwe lonke ko-
dwa alahlekelwe ukuphila kwa-
khe?[g] Noma, yini umuntu anga-
yikhipha ukuze athole ukuphi-
la kwakhe?[h] 27 INdodana yo-
muntu iyoza ngenkazimulo ka-
Yise ikanye nezingelosi zayo,
khona-ke iyobuyisela kulowo
nalowo ngokokuziphatha kwa-
khe.[a] 28 Ngiqinisile ngithi kini
kukhona abanye kulaba aba-
mi lapha abangeke bakunambi-
the nhlobo ukufa bengakayibo-
ni iNdodana yomuntu iza eMbu-
sweni wayo.”[b]

**17** Ngemva kwezinsuku ezi-
yisithupha, uJesu watha-
tha uPetru noJakobe noJo-
hane umfowabo, wahamba nabo
baya entabeni ephakeme bebo-
dwa.[c] 2 Isimo sakhe saguqu-
lwa phambi kwabo; ubuso ba-
khe bakhanya njengelanga, ne-
zingubo zakhe zangaphandle
zakhazimula* njengokukhanya.[d]
3 Bheka! babona uMose no-
Eliya bexoxa naye. 4 UPetru
wabe esethi kuJesu: “Nkosi, ku-
hle ukuba lapha. Uma uthanda,
ngizomisa amatende amatha-
thu lapha, elinye libe ngelakho,
elinye libe ngelikaMose, eli-
nye libe ngelika-Eliya.” 5 Esa-
khuluma, bheka! ifu elikhanya-
yo labamboza, kwezwakala izwi
kulelo fu, lathi: “Le yiNdoda-
na yami, ethandekayo, engiya-
mukele.[e] Yilaleleni.”[f] 6 Lapho
bezwa lokhu abafundi bawa
ngobuso futhi besaba kakhu-
lu. 7 Khona-ke uJesu waso-
ndela wabathinta, wathi: “Suku-
mani. Ningesabi.” 8 Lapho be-
phakamisa amakhanda, ababo-
nanga muntu ngaphandle kuka-
Jesu. 9 Njengoba behla enta-
beni, uJesu wabayala, wathi:
“Ningatsheli muntu ngalo mbo-
no ize ivuswe iNdodana yomu-
ntu kwabafile.”[g]

10 Nokho, abafundi bambu-
za lo mbuzo: “Pho kunga-
ni ababhali bethi kumele kufi-
ke u-Eliya kuqala?”[h] 11 Ephe-
ndula wathi: “U-Eliya uyeza

ISAHL. 16
a Mar 8:29, 30 Luk 9:20, 21
b Hu 16:10 Isay 53:12 Mat 17:22, 23 Mat 20:18, 19 Mar 8:31 Luk 9:22 Luk 24:46 1Ko 15:3, 4
c Mar 8:32
d Mar 8:33
e Mat 10:38 Mar 8:34 Luk 9:23 Luk 14:27
f Mar 8:35 Luk 9:24 Luk 17:33 Joh 12:25 IsA 12:11
g Mar 8:36 Luk 9:25
h Hu 49:8

Uhla 2
a Hu 62:12 IzA 24:12 Luk 9:26 Rom 2:6 1Pe 1:17
b Mat 17:2 Mar 9:1 Luk 9:27

ISAHL. 17
c Mar 9:2-8 Luk 9:28-36
d IsA 1:13, 16
e Hu 2:7 Isay 42:1 Mat 3:17 2Pe 1:17, 18
f Dut 18:15 Mar 9:7 Luk 9:35 IzE 3:22, 23 Heb 2:3
g Mat 16:20 Mar 9:9
h Mar 9:11

**16:18** *Noma, “eShiyoli,” okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **16:24** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**17:2** *Noma, “zaba mhlophe.”

ngempela, futhi uyobuyisela zonke izinto.[a] **12** Nokho, ngithi kini u-Eliya usefikile kakade kodwa abamazanga kunalokho benza abakuthandayo kuye.[b] Ngale ndlela neNdodana yomuntu izohlupheka ezandleni zabo."[c] **13** Khona-ke abafundi baqonda ukuthi wayekhuluma ngoJohane uMbhapathizi.

**14** Lapho besondela ngasesixukwini,[d] umuntu othile weza kuye, waguqa wathi: **15** "Nkosi, yiba nesihe endodaneni yami, ngoba inesithuthwane futhi iyagula. Iwela emlilweni kaningi nasemanzini kaningi.[e] **16** Ngiyilethe kubafundi bakho, kodwa abakwazanga ukuyelapha." **17** UJesu ephendula wathi: "O sizukulwane esingenalukholo nesisontekile,[f] kumele ngiqhubeke nginani kuze kube nini? Kumele nginibekezelele kuze kube nini? Yilethe lapha kimi." **18** UJesu wayeselikhuza idemoni, laphuma kuye, umfana welapheka kusukela ngalelo hora.[g] **19** Ngemva kwalokho abafundi beza kuJesu ngasese bathi: "Kungani thina singakwazanga ukulixosha?" **20** Wathi kubo: "Kungenxa yokholo lwenu oluncane. Ngoba ngiqinisile ngithi kini, uma ninokholo olulingana nohlamvu lwesinaphi, niyothi kule ntaba, 'Suka lapha uye laphaya,' isuke, futhi akukho lutho eningeke nikwazi ukulwenza."[h] **21** *—

**22** Kwakungesikhathi bebuthene ndawonye eGalile lapho uJesu athi kubo: "INdodana yomuntu izonikelwa ezandleni zabantu,[i] **23** futhi bazoyibulala, ngosuku lwesithathu ivuswe."[j] Ngakho baba lusizi kakhulu.

**24** Ngemva kokuba befike eKapernawume amadoda aqoqa intela yamadrakma amabili* asondela kuPetru athi: "Umfundisi wenu akayikhokhi yini intela yamadrakma amabili?"[a] **25** Wathi: "Yebo, uyayikhokha." Nokho, lapho engena endlini uJesu wakhuluma naye kuqala wathi: "Ucabangani, Simoni? Amakhosi omhlaba ayamukela kobani intela yempahla noma intela yekhanda? Emadodaneni awo noma ezihambini?" **26** Lapho ethi: "Ezihambini," uJesu wathi kuye: "Khona-ke, ngempela amadodana awayikhokhi intela. **27** Kodwa ukuze singabakhubi,[b] hamba uye olwandle, uphonse udobo, bese ubamba inhlanzi ephuma kuqala, futhi lapho uvula umlomo wayo, uzothola uhlamvu lwesiliva.* Luthathe ubanike lona ukhokhele mina nawe."

**18** Ngalelo hora abafundi basondela kuJesu bathi: "Ubani ngempela omkhulu kunabo bonke eMbusweni wamazulu?"[c] **2** Ngakho, wabiza umntwana omncane, wammisa phakathi kwabo **3** wathi: "Ngiqinisile ngithi kini, ngaphandle kokuba niguquke* futhi nibe njengabantwana,[d] anisoze nangena eMbusweni wamazulu.[e] **4** Ngakho-ke, noma ubani oyozithoba njengalo mntwana nguye omkhulu kunabo bonke eMbusweni wamazulu;[f] **5** futhi noma ubani owamukela umntwana oyedwa njengalo egameni lami uyangamukela nami. **6** Kodwa noma ubani okhuba oyedwa kulaba abancane

**ISAHL. 17**
- *a* Isay 40:3; Mal 4:5, 6; Mat 11:13, 14; Mar 9:12; Luk 1:17
- *b* Mar 9:13
- *c* Mat 16:21; Luk 23:24, 25
- *d* Luk 9:37
- *e* Mar 9:17-29; Luk 9:38-42
- *f* Dut 32:5, 20
- *g* Mat 8:13; Mat 9:22; Mat 15:28; Joh 4:51, 52
- *h* Mat 21:21; Mar 11:23; Luk 17:6
- *i* Mat 20:18; Luk 9:44, 45
- *j* Mat 16:21; Mar 9:31

**Uhla 2**
- *a* Eks 30:13, 14
- *b* 1Ko 10:32; 2Ko 6:3

**ISAHL. 18**
- *c* Mar 9:33-37; Luk 9:46-48; Luk 22:24
- *d* Mat 19:14; 1Pe 2:2
- *e* Luk 18:17
- *f* IzA 15:33; Mat 20:26; Mat 23:12; Luk 9:48; Luk 14:11; Luk 22:26; Jak 4:10; 1Pe 5:5

**17:21** *Bheka iSithasiselo A3.

**17:24** *NgesiGreki, "yamadrakma aphindwe kabili." Bheka iSithasiselo B14. **17:27** *NgesiGreki, "uhlamvu lwemali," kucatshangwa ukuthi yitetradrakma. Bheka iSithasiselo B14. **18:3** *Noma, "niphenduke."

abanokholo kimi, kuyoba ngco-
no ukuba kugaxwe entanye-
ni yakhe itshe lokugaya eliphe-
ndulwa yimbongolo, aphonswe
olwandle olujulile.[a]
**7** “Maye kulo izwe ngenxa
yezikhubekiso! Yiqiniso, izi-
khubekiso zizoza nakanjani,
kodwa maye kulowo muntu esi-
za ngaye isikhubekiso! **8** Uma
isandla sakho noma unyawo
lwakho lukukhubekisa, lunqu-
me ululahle kude.[b] Kungcono
ukuba ungene ekuphileni
ukhubazekile* noma ulunyo-
nga kunokuba uphonswe emli-
lweni omi phakade unezandla
zombili noma unezinyawo zo-
mbili.[c] **9** Futhi, uma iso lakho
likukhubekisa, likhiphe ulila-
hle kude. Kungcono kakhulu
ukuba ungene ekuphileni une-
so elilodwa kunokuba upho-
nswe eGehena*[d] lomlilo una-
wo womabili amehlo. **10** Qa-
phelani ukuba ningadeleli no-
yedwa walaba abancane, ngo-
ba ngiyanitshela ngithi izinge-
losi zabo ezulwini zingena nja-
lo phambi kukaBaba osezu-
lwini.*[e] **11** *—
**12** “Nicabangani? Uma umu-
ntu enezimvu ezingu-100 bese
kuduka eyodwa yazo,[f] nge-
ke yini ashiye ezingu-99 phe-
zulu ezintabeni ahambe ayo-
funa leyo edukile?[g] **13** Uma
eyithola, ngiyanitshela impela,
ujabula kakhulu ngayo kuna-
ngalezi ezingu-99 ezingaduka-
nga. **14** Ngokufanayo, uBaba*
osezulwini akafisi ukuba ku-
shabalale ngisho noyedwa wa-
laba abancane.[h]
**15** “Ngaphezu kwalokho,
uma umfowenu ona, hamba
uyomambulela iphutha lakhe*
phakathi kwakho naye nino-
dwa.[a] Uma ekulalela, uyobe
umzuzile umfowenu.[b] **16** Ko-
dwa uma engalaleli, thatha
oyedwa noma ababili uhambe
nabo ukuze kuthi ngobufaka-
zi* babantu ababili noma aba-
thathu zonke izindaba ziqinise-
kiswe.[c] **17** Uma engabalaleli,
khuluma nebandla. Uma enga-
lilaleli ngisho nebandla, ma-
kabe kuwe njengomuntu wezi-
zwe[d] nanjengomqoqi wentela.[e]
**18** “Ngiqinisile ngithi kini,
noma yiziphi izinto eninga-
se nizibophe emhlabeni ziyo-
be seziboshiwe ezulwini, nano-
ma yiziphi izinto eningase nizi-
khulule emhlabeni ziyobe sezi-
khululiwe ezulwini. **19** Ngiqi-
nisile futhi ngithi kini, uma
ababili kini emhlabeni bevu-
melana nganoma yini ebalule-
kile abangayicela, iyokwenze-
ka kubo ngenxa kaBaba osezu-
lwini.[f] **20** Ngoba lapho ababi-
li noma abathathu behlangene
ndawonye ngegama lami,[g] ngi-
khona lapho phakathi kwabo.”
**21** UPetru weza kuye wa-
thi: “Nkosi, umfowethu kumele
angone kangaki ngimthethele-
la? Kuze kube kasikhombisa?”
**22** UJesu wathi kuye: “Cha,
hhayi izikhathi eziyisikhombi-
sa, kodwa kuze kube izikhathi
ezingu-77.[h]
**23** “Yingakho uMbuso wama-
zulu ungase ufaniswe nenko-
si eyayifuna ukulungisa izinda-
ba zezimali nezinceku zayo.
**24** Lapho iqala ukuzilungisa,
kwalethwa umuntu owayeyi-
kweleta amathalenta angu-
10 000.* **25** Kodwa ngenxa

**18:8** *Noma, “ugogekile.” **18:9** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **18:10** *NgesiGreki, “zibubona ngaso sonke isikhathi ubuso bukaBaba osezulwini.” **18:11** *Bheka iSithasiselo A3. **18:14** *Noma kungaba, “uYihlo.”

**18:15** *NgesiGreki, “hamba uyomsola.” **18:16** *NgesiGreki, “ngomlomo.” **18:24** *Amathalenta angu-10 000 esiliva ayelingana nodenariyu abangu-60 000 000. Bheka iSithasiselo B14.

**ISAHL. 18**
a Mar 9:42; Luk 17:1, 2
b Kol 3:5
c Mat 25:41; Mar 9:43-48
d Mat 5:22; Mat 5:29; Mar 9:47; Rom 8:13
e Luk 1:19; Heb 1:7, 14
f 1Pe 2:25
g Luk 15:3-7
h 2Pe 3:9

**Uhla 2**
a Lev 19:17; IzA 25:8, 9; Luk 17:3
b Jak 5:20
c Dut 19:15; 2Ko 13:1; 1Ti 5:19
d Joh 18:28; IzE 10:28; IzE 11:2, 3
e Rom 16:17; 1Ko 5:11
f Mar 11:24; Joh 14:13; Joh 16:23, 24; 1Jo 3:22; 1Jo 5:14
g 1Ko 5:4, 5
h Mat 6:12; Mar 11:25; Luk 17:4; Efe 4:32; Kol 3:13

yokuthi wayengenayo indlela
yokukhokha, inkosi yakhe yaya-
la ukuba kuthengiswe ngaye na-
ngomkakhe nangabantwana ba-
khe nangazo zonke izinto ayena-
zo bese kukhokhwa.[a] **26** Nga-
kho le nceku yawa phansi
yayikhothamela, ithi, 'Ngibeke-
zelele, ngizokukhokhela konke.'
**27** Iyizwela, inkosi yaleyo nce-
ku yayiyeka, yesula isikwele-
tu sayo.[b] **28** Kodwa leyo nceku
yaphuma yathola enye yezince-
ku ezikanye nayo eyayiyikwele-
ta odenariyu* abangu-100, yayi-
bamba yayiklinya, ithi, 'Kho-
kha konke okukweletayo.'
**29** Le nceku ekanye nayo yawa
phansi yayincenga, ithi, 'Ngi-
bekezelele, ngizokukhokhela.'
**30** Nokho, yayingathandi, kuna-
lokho yahamba yayala ukuba
iphonswe ejele ize ikhokhe lo-
kho eyayikukweleta. **31** Lapho
izinceku ezikanye nayo zibona
okwakwenzekile, zaba lusizi
kakhulu, zahamba zayobikela
inkosi yazo konke okwakwenze-
kile. **32** Khona-ke inkosi yayo
yayibiza yathi kuyo: 'Nceku
embi, ngisesule sonke lesiya si-
kweletu obunaso lapho ungi-
ncenga. **33** Bekungafanele
yini nawe ubonise inceku oka-
nye nayo isihe, njengoba nami
ngikubonise isihe?'[c] **34** Ithuku-
thele, inkosi yayo yayinikela ku-
bagcini bejele, kwaze kwaba yi-
lapho isikhokhe konke eyayiku-
kweleta. **35** UBaba osezulwini
naye uyokwenza kini ngendlela
efanayo[d] uma ngamunye wenu
engamthetheleli umfowabo ngo-
kusuka enhliziyweni."[e]

**19** Lapho uJesu eseqedile
ukusho lezi zinto, wasu-
ka eGalile waya emingceleni
yaseJudiya ngaphesheya kwe-
Jordani.[f] **2** Isixuku esikhulu
samlandela, waselapha khona.
**3** AbaFarisi beza kuye, be-
hlose ukumvivinya, bathi: "Ku-
ngokomthetho yini ukuba indo-
da idivose umkayo nganoma yi-
ziphi izizathu?"[a] **4** Ephendula
wathi: "Anifundanga yini ukuthi
lowo owabadala kusukela eku-
qaleni wabenza kwaba owesilisa
nowesifazane,[b] **5** wathi: 'Nge-
nxa yalesi sizathu indoda iyoshi-
ya uyise nonina inamathele ku-
mkayo, futhi laba ababili bayo-
ba nyamanye'?[c] **6** Ngakho aba-
sebabili, kodwa sebenyamanye.
Ngakho-ke, lokho uNkulunkulu
akubophele ndawonye maku-
ngahlukaniswa muntu."[d] **7** Ba-
thi kuye: "Pho-ke, kungani uMo-
se athi makanikwe isitifiketi so-
kumxosha futhi amdivose?"[e]
**8** Wathi kubo: "Ngenxa yo-
kucabangela izinhliziyo zenu
ezilukhuni, uMose wanivume-
la ukuba nidivose omkenu,[f] ko-
dwa kwakungenjalo ekuqaleni.[g]
**9** Ngithi kini noma ubani odivo-
sa umkakhe, ngaphandle kwe-
sizathu sokuziphatha kabi ngo-
kocansi,* ashade nomunye, uya-
phinga."[h]
**10** Abafundi bathi kuye:
"Uma sinjalo isimo somuntu
ngomkakhe, akukuhle ukusha-
da." **11** Wathi kubo: "Akubo-
na bonke abantu abalithole-
la indawo lelo zwi, kodwa
yilabo abanesiphiwo kuphela.[i]
**12** Ngoba kukhona abathenwa
abazalwa benjalo, futhi kukho-
na abathenwa abenziwa aba-
thenwa ngabantu, futhi kukho-
na abathenwa abaye bazenza
abathenwa ngenxa yoMbuso
wamazulu. Lowo ongase akwa-
zi ukukutholela indawo maka-
kutholele indawo."[j]
**13** Kwase kulethwa aba-
ntwana kuye, ukuze ababeke

**18:28** * Bheka iSithasiselo B14.

**19:9** * NgesiGreki, *por·nei′a.* Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**ISAHL. 18**
*a* Eks 21:7; Lev 25:39; 2Kh 4:1; Neh 5:8
*b* 1Jo 1:9
*c* Isay 55:7; Mat 6:12; Mat 7:12; Jak 2:13
*d* Rom 2:6
*e* Mat 6:14; Mar 11:25; Luk 17:3; Efe 4:32

**ISAHL. 19**
*f* Mar 10:1

**Uhla 2**
*a* Dut 24:1; Mar 10:2-12
*b* Gen 1:27; Gen 5:2
*c* Gen 2:24; Efe 5:31
*d* Mar 10:9; 1Ko 7:11
*e* Dut 24:1; Mat 5:31
*f* Mar 10:5
*g* Gen 2:24
*h* Mal 2:14; Mat 5:32; Mar 10:11, 12; Luk 16:18; Rom 7:3; 1Ko 7:10; Heb 13:4
*i* 1Ko 7:7
*j* 1Ko 7:32, 38; 1Ko 9:5

izandla abathandazele, kodwa
abafundi babakhuza.[a] **14** No-
kho, uJesu wathi: “Bayekeni
abantwana, ningabavimbi uku-
ba beze kimi, ngoba uMbu-
so wamazulu ungowabanjalo.”[b]
**15** Wababeka izandla waha-
mba lapho.

**16** Bheka! othile weza kuye
wathi: “Mfundisi, yini enhle
okumele ngiyenze ukuze ngi-
thole ukuphila okuphakade?”[c]
**17** Wathi kuye: “Kungani ungi-
buza ngokuphathelene noku-
hle? Munye omuhle.[d] Nokho,
uma ufuna ukungena eku-
phileni, gcina imiyalo njalo.”[e]
**18** Wathi kuye: “Miphi?” UJesu
wathi: “Ethi, ungabulali,[f] unga-
phingi,[g] ungebi,[h] ungafakazi
amanga,[i] **19** hlonipha uyihlo
nonyoko,[j] nothi kumele utha-
nde umakhelwane wakho nje-
ngoba uzithanda wena.”[k]
**20** Le nsizwa yathi kuye: “Ngi-
yigcinile yonke le miyalo; yini
engisashoda ngayo?” **21** UJe-
su wathi kuyo: “Uma ufu-
na ukuphelela, hamba uthengi-
se konke okungokwakho uphe
abahluphekayo, khona-ke uyo-
ba nengcebo ezulwini;[l] bese
uza ube umlandeli wami.”[m]
**22** Lapho le nsizwa izwa lo-
khu, yahamba ilusizi, ngoba ya-
yinempahla eningi.[n] **23** UJe-
su wabe esethi kubafundi ba-
khe: “Ngiqinisile ngithi kini ku-
yoba nzima ngesicebi uku-
ngena eMbusweni wamazulu.[o]
**24** Futhi ngithi kini, kulula
ukuba ikamela lichushe embo-
tsheni yenaliti kunokuba isice-
bi singene eMbusweni kaNku-
lunkulu.”[p]

**25** Lapho abafundi bezwa
lokho, bamangala kakhulu, ba-
thi: “Ubani ngempela onga-
sindiswa?”[q] **26** UJesu waba-
bheka emehlweni, wathi kubo:
“Kubantu lokhu akunakwenze-
ka, kodwa kuNkulunkulu zo-
nke izinto zingenzeka.”[a]

**27** UPetru waphendula wa-
thi: “Bheka! Sishiye zonke izi-
nto sakulandela; khona-ke si-
yotholani?”[b] **28** UJesu wathi
kubo: “Ngiqinisile ngithi kini,
ekudalweni kabusha, lapho
iNdodana yomuntu ihlala pha-
nsi esihlalweni sayo sobukho-
si esikhazimulayo, nina eniye
nangilandela niyohlala ezihla-
lweni zobukhosi ezingu-12, na-
hlulele izizwe ezingu-12 za-
kwa-Israyeli.[c] **29** Futhi wonke
umuntu oshiye izindlu noma
abafowabo noma odadewabo
noma uyise noma unina noma
abantwana noma amasimu nge-
nxa yegama lami, uyokwamu-
kela okuphindwe izikhathi ezi-
yikhulu futhi azuze ukuphila
okuphakade.[d]

**30** “Kodwa abaningi abanga-
bokuqala bayoba ngabokugci-
na, nabokugcina babe ngabo-
kuqala.[e]

**20** “UMbuso wamazulu
unjengomninindlu owa-
phuma ekuseni kakhulu eyo-
qasha izisebenzi ezizosebenza
ensimini yakhe yamagilebhisi.[f]
**2** Lapho esevumelene nezise-
benzi ngodenariyu* ngosuku,
wazithumela ensimini yakhe
yamagilebhisi. **3** Ephuma fu-
thi cishe ngehora lesithathu,*
wabona abanye bemile benga-
qashiwe emakethe; **4** nakula-
bo wathi, ‘Nani futhi hamba-
ni niye ensimini yamagilebhisi,
ngizoninika noma yini efanele.’
**5** Ngakho bahamba. Waphinde
waphuma cishe ngehora lesi-
thupha* nangehora lika-9# we-
nza okufanayo. **6** Ekugcineni,

**ISAHL. 19**
a Mar 10:13-16; Luk 18:15-17
b Mat 18:3; Mar 10:14; Luk 18:16
c Mar 10:17-22; Luk 18:18-23
d Mar 10:18
e Lev 18:5; Luk 10:25-28
f Eks 20:13; Dut 5:17
g Eks 20:14; Dut 5:18
h Eks 20:15; Dut 5:19
i Eks 20:16; Dut 5:20
j Eks 20:12; Dut 5:16
k Lev 19:18; Mat 22:39; Mar 12:31; Luk 10:27; Rom 13:9
l Mat 6:20
m Luk 12:33; Luk 18:22; Flp 3:7
n Luk 18:23
o Mar 10:23; Luk 18:24; 1Ti 6:10
p Mar 10:25; Luk 18:25
q Mar 10:26, 27; Luk 18:26, 27

**Uhla 2**
a Job 42:2
b Mar 10:28; Luk 5:11; Luk 18:28; Flp 3:8
c Dan 7:14; Mat 20:21; Luk 22:28-30; 1Ko 6:2; IsA 20:4
d Mar 10:29, 30; Luk 18:29, 30; Heb 10:34
e Mat 20:16; Mar 10:31; Luk 13:30

**ISAHL. 20**
f Mat 21:33

**20:2** *Bheka iSithasiselo B14. **20:3** *Okuwukuthi, cishe ngo-9:00 ekuseni. **20:5** *Okuwukuthi, cishe ngo-12:00 emini. #Okuwukuthi, cishe ngo-3:00 ntambama.

cishe ngehora lika-11* waphu-
ma futhi wathola abanye bemi-
le, wathi kubo, ‘Kungani beni-
lokhu nimi lapha usuku lonke
ningaqashiwe?’ **7** Bathi kuye,
‘Kungenxa yokuthi akekho osi-
qashile.’ Wathi kubo, ‘Nani ha-
mbani niye ensimini yamagile-
bhisi.’

**8** “Lapho kuhwalala, umnika-
zi wensimu yamagilebhisi wathi
enduneni yakhe, ‘Biza izisebenzi
uziholele imali yazo,[a] uqale nge-
sokugcina ugcine ngesokuqala.’
**9** Lapho abantu behora lika-11
befika, ngamunye wathola ude-
nariyu.* **10** Ngakho lapho abo-
kuqala befika, bacabanga uku-
thi babezothola okwengeziwe,
kodwa nabo baholelwa ngesili-
nganiso sikadenariyu.* **11** La-
pho bewamukela bakhononda
ngomnininindlu **12** bathi, ‘La
madoda okugcina enze umsebe-
nzi wehora elilodwa; noma
kunjalo uwenze alingana na-
thi esithwale umthwalo osinda-
yo wosuku nokushisa okukhu-
lu!’ **13** Kodwa yena ephendu-
la omunye wabo, wathi, ‘Mfo,
angikonanga ngalutho. Sivume-
lene ngodenariyu,* akunjalo?[b]
**14** Thatha okungokwakho uha-
mbe. Ngifuna ukunika lona wo-
kugcina okufanayo nengikuni-
ka wena. **15** Anginalo yini ilu-
ngelo lokwenza engikuthanda-
yo ngezinto zami? Noma ingabe
iso lakho linomona* ngoba nge-
nze okuhle kubo?’#[c] **16** Kanja-
lo abokugcina bayoba ngaboku-
qala, abokuqala babe ngaboku-
gcina.”[d]

**17** Njengoba bekhuphukela
eJerusalema, uJesu wathatha
abafundi abangu-12 waya nabo
ngasese wathi kubo endle-
leni:[a] **18** “Bhekani! Sikhuphu-
kela eJerusalema, iNdodana
yomuntu izonikelwa kubapristi
abakhulu nakubabhali. Bazoyi-
nika isigwebo sokufa,[b] **19** ba-
yinikele kubantu bezizwe uku-
ba bahlekise ngayo, bayibhaxa-
bule futhi bayibulalele esigxo-
tsheni;[c] kodwa ngosuku lwesi-
thathu izovuswa.”[d]

**20** Khona-ke unina wamado-
dana kaZebedewu[e] weza kuye
ehamba namadodana akhe,
wamkhothamela wacela oku-
thile kuye.[f] **21** Wathi kuye:
“Ufunani?” Yena wamphendu-
la wathi: “Khipha izwi lokuba
la madodana ami amabili ahla-
le enye ngakwesokudla sakho
enye ngakwesobunxele sakho,
eMbusweni wakho.”[g] **22** UJe-
su waphendula wathi: “Ani-
kwazi enikucelayo. Ningakwazi
yini ukuphuza indebe ese-
ngizoyiphuza?”[h] Bathi kuye:
“Singakwazi.” **23** Wathi kubo:
“Nizoyiphuza ngempela inde-
be yami,[i] kodwa ukuhlala nga-
kwesokudla sami nangakweso-
bunxele sami akukhona okwa-
mi ukuba ngiphane ngakho,
kodwa kungokwalabo abakulu-
ngiselelwe nguBaba.”[j]

**24** Lapho abanye abayishu-
mi bezwa ngakho, bazithuku-
thelela lezi zelamani ezimbi-
li.[k] **25** Kodwa uJesu wababi-
zela kuye, wathi: “Niyazi ukuthi
ababusi bezizwe bazenza izi-
ngqongqo phezu kwazo naba-
ntu abakhulu basebenzisa igu-
nya phezu kwazo.[l] **26** Akume-
le kube njalo phakathi kwenu;[m]
kodwa noma ubani ofuna uku-
ba mkhulu phakathi kwenu ku-
mele abe yisikhonzi senu,[n]
**27** futhi noma ubani ofuna
ukuba ngowokuqala phaka-
thi kwenu kumele abe yince-
ku yenu.[o] **28** Njengoba nje ne-
Ndodana yomuntu ingezelanga

---

**20:6** *Okuwukuthi, cishe ngo-5:00 ntambama. **20:9, 10, 13** *Bheka iSithasiselo B14. **20:15** *NgesiGreki, “libi; lonakele.” #Noma, “ngiyaphana.”

**ISAHL. 20**
*a* Lev 19:13; Dut 24:14, 15
*b* Mat 20:2
*c* Mat 6:23
*d* Mat 19:30; Mar 10:31; Luk 13:30

**Uhla 2**
*a* Mar 10:32; Luk 18:31
*b* Mat 16:21; Mar 10:33, 34; Luk 9:22; Luk 18:32, 33
*c* Mat 27:31; Joh 19:1
*d* Mat 17:22, 23; Mat 28:6; IzE 10:40; 1Ko 15:4
*e* Mat 4:21; Mat 27:55, 56
*f* Mar 10:35-40
*g* Mat 19:28
*h* Mat 26:39; Mar 10:38; Mar 14:36; Joh 18:11
*i* IzE 12:2; Rom 8:17; 2Ko 1:7; IsA 1:9
*j* Mar 10:39, 40
*k* Mar 10:41-45; Luk 22:24
*l* Mar 10:42
*m* 2Ko 1:24; 1Pe 5:3
*n* Mat 18:4; Mat 23:11; Mar 10:43, 44; Luk 22:26
*o* Mar 9:35

ukukhonzwa, kodwa ukukho-
nza[a] nokunikela ngokuphila*
kwayo kube yisihlengo sabani-
ngi."[b]

**29** Njengoba bephuma eJe-
riko, walandelwa isixuku esi-
khulu. **30** Izimpumputhe ezi-
mbili ezazihlezi eceleni kom-
gwaqo zezwa ukuthi kwaku-
dlula uJesu, zamemeza za-
thi: "Nkosi, yiba nesihe kithi,
Ndodana kaDavide!"[c] **31** Ko-
dwa isixuku sazikhuza, sizi-
tshela ukuba zithule; nokho za-
memeza ngisho nakakhulu, zi-
thi: "Nkosi, yiba nesihe kithi,
Ndodana kaDavide!" **32** Nga-
kho uJesu wama, wazibiza
wathi: "Nifuna nginenzeleni?"
**33** Zathi kuye: "Nkosi, ye-
nza amehlo ethu avuleke."
**34** UJesu wazihawukela wathi-
nta amehlo azo,[d] masinyane za-
bona, zamlandela.

**21** Lapho besondela nga-
seJerusalema futhi be-
fika eBhetfage eNtabeni Ye-
minqumo, uJesu wabe esethu-
ma abafundi ababili,[e] **2** wa-
thi kubo: "Hambani niye emi-
zini ephambi kwenu, nizotho-
la imbongolo iboshiwe, nethole
layo likanye nayo. Kuqaqeni ni-
kulethe kimi. **3** Uma kukhona
osho okuthile kini, kumele ni-
thi, 'INkosi iyazidinga.' Khona-
ke uzozidedela masinyane."

**4** Lokhu empeleni kwenze-
ka ukuze kugcwaliseke lokho
okwakhulunywa ngomprofethi,
owathi: **5** "Tshelani indoda-
kazi yaseZiyoni ukuthi: 'Bheka!
Inkosi yakho iza kuwe[f] inomo-
ya omnene,[g] igibele imbongolo,
yebo, ithole lembongolo, inzalo
yesilwane esithwalayo.'"[h]

**6** Ngakho abafundi bahamba
benza njengoba nje uJesu aye-
bayalile.[i] **7** Bayiletha imbo-
ngolo nethole layo, babeka phe-
zu kwazo izingubo zabo zanga-
phandle, wahlala phezu kwazo.[a]
**8** Abaningi esixukwini bendla-
la izingubo zabo zangapha-
ndle endleleni,[b] kuyilapho aba-
nye begawula amagatsha ezi-
hlahleni, bawendlala endleleni.
**9** Izixuku ezazihamba phambi
kwakhe nalezo ezazimlandela
zazilokhu zimemeza zithi: "Si-
cela usindise iNdodana kaDavi-
de![c] Ubusisiwe lowo oza ngega-
ma likaJehova!*[d] Siyacela, msi-
ndise ezindaweni eziphakeme
eziphezulu!"[e]

**10** Lapho engena eJerusale-
ma, idolobha lonke laxokozela,
lithi: "Ubani lo?" **11** Izixuku
zazilokhu zithi: "Lona ngum-
profethi uJesu,[f] ovela eNazare-
tha laseGalile!"

**12** UJesu wangena ethe-
mpelini waxosha bonke aba-
thengisayo nabathengayo ethe-
mpelini, wagumbuqela namata-
fula abashintshi bemali na-
mabhentshi alabo abathengi-
sa amajuba.[g] **13** Wathi kubo:
"Kulotshiwe ukuthi, 'Indlu
yami iyobizwa ngokuthi yindlu
yomthandazo,'[h] kodwa nina ni-
yenza umhume wababaphangi."[i]
**14** Izimpumputhe nezinyonga
zeza kuye ethempelini, wazela-
pha.

**15** Lapho abapristi abakhu-
lu nababhali bebona izimanga-
liso ayezenza nabafana ababe-
memeza ethempelini bethi,
"Siyanxusa, sindisa iNdoda-
na kaDavide!"[j] bathukuthe-
la[k] **16** bathi kuye: "Uyaku-
zwa lokhu abakushoyo laba?"
UJesu wathi kubo: "Yebo.
Anizange yini nikufunde lo-
khu, 'Ubangele ukuba imi-
lomo yezingane nezinsana
ikudumise'?"[l] **17** Ebashiya

**20:28** *Noma, "ngomphefumulo."

**21:9** *Bheka iSithasiselo A5.

**ISAHL. 20**
*a* Luk 22:27; Joh 13:14; Flp 2:7
*b* Isay 53:11; Mar 10:45; 1Ti 2:5, 6; Tit 2:13, 14; Heb 9:28
*c* Mat 9:27; Mar 10:46-52; Luk 18:35-43
*d* Mat 9:29

**ISAHL. 21**
*e* Mar 11:1-3; Luk 19:28-31
*f* Isay 62:11; Joh 12:15
*g* Mat 11:29
*h* Zak 9:9
*i* Mar 11:4-6; Luk 19:32-35

**Uhla 2**
*a* 1Kh 1:38, 40; Mar 11:7-11; Joh 12:14, 15
*b* Luk 19:36-38
*c* Mat 9:27; Mat 21:15
*d* Hu 118:25, 26; Joh 12:13
*e* Mar 11:9, 10
*f* Mat 21:46; Luk 7:16; Luk 24:19
*g* Mar 11:15, 16; Luk 19:45; Joh 2:15
*h* Isay 56:7
*i* Jer 7:11; Mar 11:17; Luk 19:46; Joh 2:16
*j* Mat 21:9
*k* Mar 11:18; Luk 19:39, 40
*l* Hu 8:2

waphumela ngaphandle kwe-
dolobha waya eBhethaniya wa-
lala khona.[a]
**18** Lapho ebuyela edolobhe-
ni ekuseni kakhulu, walamba.[b]
**19** Wabona isihlahla somkhi-
wane ngasendleleni waya kuso,
kodwa akatholanga lutho kuso
ngaphandle kwamaqabunga,[c]
wathi kuso: "Makungaphinde
kuvele sithelo kuwe."[d] Isihla-
hla somkhiwane sabuna ngaso
leso sikhathi. **20** Lapho aba-
fundi bekubona lokhu, bama-
ngala, bathi: "Kwenzeke kanja-
ni ukuba isihlahla somkhi-
wane sibune ngaso leso si-
khathi?"[e] **21** Ephendula uJe-
su wathi kubo: "Ngiqinisile ngi-
thi kini, uma ninokholo fu-
thi ningangabazi, ngeke nje
kuphela nenze lokho engi-
kwenze esihlahleni somkhiwa-
ne, kodwa ngisho noma nithi
kule ntaba, 'Qukuleka upho-
nseke olwandle,' kuyokwenze-
ka.[f] **22** Nazo zonke izinto eni-
zithandazelayo, ninokholo, ni-
yozithola."[g]
**23** Ngemva kokuba esenge-
ne ethempelini, abapristi aba-
khulu namadoda amadala esi-
zwe beza kuye lapho efundi-
sa bathi: "Uzenza ngagunya lini
lezi zinto? Futhi ngubani oku-
nike leli gunya?"[h] **24** UJesu
ephendula wathi kubo: "Nami
ngizonibuza into eyodwa. Uma
ningitshela yona, nami ngizoni-
tshela ukuthi ngizenza ngagu-
nya lini lezi zinto: **25** Ubha-
pathizo lukaJohane, lwaluve-
laphi? Ezulwini noma kuba-
ntu?" Kodwa babonisana bo-
dwa, bethi: "Uma sithi, 'Ezu-
lwini,' uzothi, 'Pho kungani ni-
ngamkholwanga?'[i] **26** Kodwa
uma sithi, 'Kubantu,' siyasesa-
ba isixuku, ngoba sonke sibhe-
ka uJohane njengomprofethi."
**27** Ngakho baphendula uJe-
su bathi: "Asazi." Naye wathi
kubo: "Nami ngeke nginitshele
ukuthi ngizenza ngagunya lini
lezi zinto.
**28** "Nicabangani? Umuntu
othile wayenabantwana ababi-
li. Waya kowokuqala, wa-
thi, 'Mntwana, hamba uyose-
benza ensimini yamagilebhisi
namuhla.' **29** Ephendula wa-
thi, 'Ngeke ngiye,' kodwa nge-
mva kwalokho wazisola waya.
**30** Waya kowesibili, washo
okufanayo. Lona ephendula
wathi, 'Ngizoya, Mnumzane,'
kodwa akayanga. **31** Yimuphi
kulaba ababili owenza intando
kayise?" Bathi: "Yilona woku-
qala." UJesu wathi kubo: "Ngi-
qinisile ngithi kini abaqoqi be-
ntela nezifebe bangena nga-
phambi kwenu eMbusweni ka-
Nkulunkulu. **32** Ngoba uJo-
hane weza kini ngendlela yo-
kulunga, kodwa anizange nim-
kholwe. Nokho, abaqoqi bente-
la nezifebe bamkholwa,[a] ngi-
sho nalapho nikubona lokhu,
anizisolanga kamuva ukuze
nimkholwe.
**33** "Yizwani omunye umfa-
nekiso: Kwakukhona umuntu,
umnikazi wendawo, owatsha-
la insimu yamagilebhisi[b] wa-
yibiyela, wamba isikhamo se-
wayini kuyo wakha umbhosho-
ngo;[c] wabe eseyiqashisa kuba-
limi, wahamba waya kude.[d]
**34** Lapho inkathi yezithelo ifi-
ka, wathumela izinceku za-
khe kubalimi ukuze zilande izi-
thelo zakhe. **35** Nokho, abali-
mi bazibamba izinceku zakhe,
enye bayishaya, enye bayibula-
la, enye bayikhanda ngama-
tshe.[e] **36** Waphinda wathume-
la ezinye izinceku, eziningi ku-
nezokuqala, kodwa benza oku-
fanayo nakuzo.[f] **37** Ekugcine-
ni wathumela indodana yakhe
kubo, ethi, 'Bazoyihlonipha

ISAHL. 21
a Mar 11:11, Luk 21:37, Joh 11:1
b Mar 11:12
c Luk 13:6
d Mat 3:10, Mar 11:13, 14
e Mar 11:20, 21
f Mat 17:20, Mar 11:22, 23, Luk 17:6
g Mar 11:24, Luk 11:9, Joh 14:13, Jak 1:5, 1Jo 3:22
h Mar 11:27-33, Luk 20:1-8
i Mat 21:32, Mar 11:30, 31, Luk 7:29, 30

Uhla 2
a Luk 3:12, Luk 7:29, 30
b Isay 5:7
c Isay 5:2
d Mar 12:1-9, Luk 20:9-16
e Neh 9:26
f 2Kr 36:15, IzE 7:52, Heb 11:32, 37

indodana yami.’ **38** Lapho be-
bona indodana, abalimi bakhu-
luma bodwa bathi, ‘Lena indla-
lifa.[a] Wozani, masiyibulale si-
thole ifa layo!’ **39** Ngakho ba-
yibamba bayiphonsa ngapha-
ndle kwensimu yamagilebhisi
bayibulala.[b] **40** Lapho umni-
kazi wensimu efika, yini azo-
yenza kulabo balimi?” **41** Ba-
thi kuye: “Ngenxa yokuthi babi,
uyoletha imbubhiso embi phe-
zu kwabo, insimu yamagilebhi-
si ayiqashise kwabanye abali-
mi, abayomnika izithelo lapho
kufika isikhathi sazo.”

**42** UJesu wathi kubo: “Ani-
zange yini nifunde emiBhalweni
ukuthi, ‘Itshe elenqatshwa aba-
khi, selibe yitshe legumbi* eli-
yinhloko.[c] Livele kuJehova,# li-
yamangalisa emehlweni ethu’?[d]
**43** Yingakho ngithi kini, niyo-
phucwa uMbuso kaNkulunkulu
unikwe isizwe esithela izithelo
zawo. **44** Nomuntu owela phe-
zu kwaleli tshe uyophihlizeka.[e]
Noma ubani eliwela phezu kwa-
khe, liyomgaya.”[f]

**45** Lapho abapristi abakhu-
lu nabaFarisi bezwa imifaneki-
so yakhe, babona ukuthi waye-
khuluma ngabo.[g] **46** Nakuba
babefuna ukumbamba,* babe-
saba izixuku, ngoba zazimbhe-
ka njengomprofethi.[h]

**22** UJesu waphinde wakhu-
luma nabo ngemifaneki-
so, wathi: **2** “UMbuso wama-
zulu unjengenkosi eyenzela
indodana yayo idili lomshado.[i]
**3** Yathuma izinceku zayo uku-
ba ziyobiza labo ababemenye-
lwe edilini lomshado, kodwa
abathandanga ukuza.[j] **4** Ya-
phinde yathuma ezinye izince-
ku, ithi, ‘Tshelani abamenyi-
we ukuthi: “Bhekani! Sengisi-
lungisile isidlo sami, izinko-
mo zami nezilwane ezikhulu-
phalisiwe sekuhlatshiwe, futhi
zonke izinto sezilungile. Wo-
zani edilini lomshado.” ’ **5** Ko-
dwa bahamba bengagqizi qaka-
la, omunye waya ensimini ya-
khe, omunye waya ebhizinisi-
ni lakhe;[a] **6** abanye babamba
izinceku zayo, baziphatha kabi
futhi bazibulala.

**7** “Inkosi yathukuthela, ya-
thumela amabutho ayo ababu-
lala labo babulali ashisa ne-
dolobha labo.[b] **8** Khona-ke ya-
thi ezincekwini zayo, ‘Idili
lomshado selilungile, kodwa
abamenyiwe bebengafaneleki.[c]
**9** Ngakho-ke yanini emigwa-
qweni ephumela ngaphandle
kwedolobha, nimemele noma
ubani enimtholayo edilini lom-
shado.’[d] **10** Ngakho lezo zi-
nceku zaphuma zaya emigwa-
qweni zabutha bonke ezaba-
thola, ababi nabahle; indlu ye-
micimbi yomshado yagcwala
abantu ababedla.*

**11** “Lapho inkosi ingena izo-
hlola izimenywa, yabona umu-
ntu owayengayigqokile ingu-
bo yomshado. **12** Ngakho ya-
thi kuye, ‘Mfo, ungene kanja-
ni lapha ungayigqokile ingubo
yomshado?’ Akabanga nampe-
ndulo. **13** Khona-ke inkosi ya-
thi ezincekwini zayo, ‘Mbo-
pheni izandla nezinyawo nim-
khiphele ngaphandle ebumnya-
meni. Lapho yilapho eyokhala
khona aququde amazinyo.’

**14** “Ngoba baningi abame-
nyiwe, kodwa bambalwa aba-
khethiwe.”

**15** Ngemva kwalokho abaFa-
risi bahamba, bacebisana ukuze
bamcuphe ngenkulumo yakhe.[e]
**16** Ngakho bathumela abafundi

---

**ISAHL. 21**
a Heb 1:2
b IzE 2:23; IzE 3:15
c Isay 28:16; Luk 20:17; IzE 4:11; Rom 9:33; Efe 2:20; 1Pe 2:7
d Hu 118:22, 23; Mar 12:10, 11
e Isay 8:14; 1Pe 2:7, 8
f Luk 20:18
g Mar 12:12; Luk 20:19
h Mat 21:11; Joh 7:40

**ISAHL. 22**
i Luk 14:16; IsA 19:9
j Luk 14:17, 18

**Uhla 2**
a Luk 14:18, 19
b Dan 9:26
c IzE 13:45, 46
d Mat 21:43; Luk 14:23
e Mar 12:13-17; Luk 20:20-26

---

**21:42** *NgesiGreki, “lasekhoneni.” #Bheka iSithasiselo A5. **21:46** *Noma, “ukumbopha.”

**22:10** *Noma, “ababehlezi etafuleni.”

babo kuye, kanye namalungu
eqembu likaHerode,[a] bathi:
“Mfundisi, siyazi ukuthi uneqi-
niso futhi ufundisa indlela ka-
Nkulunkulu ngeqiniso, nokuthi
awuthengi amehlo abantu, ngo-
ba awubheki ukubukeka kwaba-
ntu kwangaphandle. **17** Nga-
kho sitshele, wena ucabangani?
Kungokomthetho* yini ukukho-
kha intela yekhanda kuKhesa-
ri noma cha?” **18** Kodwa eba-
zi ububi babo, uJesu wathi: “Ku-
ngani ningivivinya bazenzisi?
**19** Ngiboniseni uhlamvu lwe-
mali yentela.” Bamlethela ude-
nariyu.* **20** Wathi kubo: “Oka-
bani lo mfanekiso nalo mbha-
lo oqoshiwe?” **21** Bathi: “Oka-
Khesari.” Wabe esethi kubo:
“Ngakho buyiselani izinto zika-
Khesari kuKhesari, kodwa izi-
nto zikaNkulunkulu kuNkulu-
nkulu.”[b] **22** Lapho bezwa lo-
kho, bamangala, bahamba bam-
shiya.

**23** Ngalolo suku abaSadusi,
abathi alukho uvuko,[c] beza kuye
bambuza, bathi:[d] **24** “Mfundi-
si, uMose wathi: ‘Uma umu-
ntu efa engenabo abantwa-
na, umfowabo kumele amnge-
ne lowo mfazi avezele umfowabo
inzalo.’[e] **25** Manje kwakukhona
izelamani eziyisikhombisa. Owo-
kuqala washada washona, nge-
nxa yokuthi wayengenangane,
umkakhe wangenwa umfowabo.
**26** Kwenzeka ngendlela efana-
yo nakowesibili nakowesithathu,
zaze zaphelela zonke izelamani
eziyisikhombisa. **27** Ekugcine-
ni owesifazane wafa. **28** Nga-
kho ovukweni, yimuphi kulaba
abayisikhombisa ayoba ngumka-
khe? Ngoba waba yinkosikazi
yabo bonke.”

**29** UJesu wabaphendula wa-
thi: “Niyaphazama, ngoba ani-
yazi imiBhalo namandla ka-
Nkulunkulu;[a] **30** ngoba ovu-
kweni amadoda awashadi, na-
besifazane abashadiswa, ko-
dwa banjengezingelosi ezulwi-
ni.[b] **31** Ngokuqondene novuko
lwabafile, anikufundanga yini
lokho okwashiwo nguNkulunku-
lu kini, ethi: **32** ‘NginguNkulu-
nkulu ka-Abrahama noNkulu-
nkulu ka-Isaka noNkulunku-
lu kaJakobe’?[c] UnguNkulunku-
lu wabaphilayo, akayena owa-
bafile.”[d] **33** Lapho zizwa lokho,
izixuku zakhexa ngokufundisa
kwakhe.[e]

**34** Ngemva kokuba abaFa-
risi bezwe ukuthi wayebava-
le imilomo abaSadusi, babu-
thana baba yiqembu elilo-
dwa. **35** Omunye kubo, owa-
yenolwazi ngoMthetho wambu-
za, emvivinya: **36** “Mfundisi,
yimuphi umyalo omkhulu ku-
nayo yonke eMthethweni?”[f]
**37** Wathi kuye: “ ‘Kumele utha-
nde uJehova* uNkulunkulu wa-
kho ngayo yonke inhliziyo ya-
kho nangawo wonke umphefu-
mulo# wakho nangayo yonke
ingqondo yakho.’[g] **38** Lona
umyalo omkhulu kunayo yonke
futhi ungowokuqala. **39** Owe-
sibili onjengawo yilo: ‘Kumele
uthande umakhelwane wakho
njengoba uzithanda wena.’[h]
**40** Kule miyalo emibili kuseke-
lwe wonke uMthetho nabaPro-
fethi.”[i]

**41** Manje ngesikhathi aba-
Farisi besabuthene ndawonye
uJesu wababuza:[j] **42** “Nicaba-
ngani ngoKristu? Uyindoda-
na kabani?” Bathi kuye: “Ka-
Davide.”[k] **43** Wababuza wathi:
“Pho kwenzeka kanjani ukuba
uDavide ephefumulelwe[l] ambi-
ze ngokuthi iNkosi, ethi,

**ISAHL. 22**
*a* Mar 3:6
*b* Dan 3:17, 18; Mal 3:8; Mar 12:17; Luk 20:25; Luk 23:2; Rom 13:7
*c* IzE 4:1, 2; IzE 23:8
*d* Mar 12:18-23; Luk 20:27-33
*e* Gen 38:7, 8; Dut 25:5, 6; Rut 1:11; Rut 3:13

**Uhla 2**
*a* Mar 12:24-27
*b* Luk 20:35, 36
*c* Eks 3:6
*d* Luk 20:37, 38; Rom 4:17
*e* Mat 7:28; Mar 11:18
*f* Mar 12:28
*g* Dut 6:5; Dut 10:12; Jos 22:5; Mar 12:30; Luk 10:27
*h* Lev 19:18; Mar 12:31; Luk 10:27; Kol 3:14; Jak 2:8; 1Pe 1:22
*i* Rom 13:10; Gal 5:14
*j* Mar 12:35-37; Luk 20:41-44
*k* Joh 7:42
*l* 2Sa 23:2

---

**22:17** *Noma, “Kulungile.” **22:19** *Bheka iSithasiselo B14.

**22:37** *Bheka iSithasiselo A5. #Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**44** ‘UJehova* wathi eNkosini
yami: “Hlala ngakwesokudla
sami ngize ngibeke izitha za-
kho ngaphansi kwezinyawo
zakho”’?[a] **45** Uma-ke uDavide
embiza ngokuthi Nkosi, anga-
ba kanjani indodana yakhe?”[b]
**46** Akekho owakwazi ukum-
phendula, futhi kusukela nga-
lolo suku kuqhubeke akukho
muntu owalokotha wambuza
omunye umbuzo.

**23** UJesu wakhuluma nezi-
xuku nabafundi bakhe,
wathi: **2** “Ababhali nabaFarisi
bazibeke esihlalweni sikaMose.
**3** Ngakho-ke zonke izinto aba-
nitshela zona, zenzeni futhi ni-
zigcine, kodwa ningenzi aba-
kwenzayo, ngoba bayakhuluma
kodwa abakwenzi abakusho-
yo.[c] **4** Babopha imithwalo esi-
ndayo bayibeke emahlombe
abantu,[d] kodwa bona abatha-
ndi ukuyinyakazisa nango-
munwe.[e] **5** Yonke imisebenzi
abayenzayo bayenzela ukuba
babonwe ngabantu,[f] ngoba ba-
wenza abe makhulu amabhoki-
si aqukethe imibhalo abawafa-
ka njengezivikelo,*[g] benze ne-
zinsephe zezingubo zabo zibe
zinde.[h] **6** Bathanda indawo
evelele kunazo zonke ezidlwe-
ni zakusihlwa nezihlalo ezi-
ngaphambili* emasinagogeni[i]
**7** nokubingelelwa ezimakethe,
nokubizwa ngabantu ngoku-
thi Rabi.* **8** Kodwa nina, ma-
ningabizwa ngokuthi Rabi, ngo-
ba munye onguMfundisi wenu,[j]
kanti nonke nina ningabafowa-
bo bomunye nomunye. **9** Nga-
phezu kwalokho, ningabizi mu-
ntu emhlabeni ngokuthi uyihlo,
ngoba munye onguYihlo,[k] yi-
Lowo osezulwini. **10** Ningabi-
zwa nangokuthi abaholi, ngoba
munye uMholi wenu, uKristu.
**11** Kodwa omkhulu kakhulu
phakathi kwenu kumele abe yi-
sikhonzi senu.[a] **12** Noma uba-
ni oziphakamisayo uyothotshi-
swa,[b] nanoma ubani ozithoba-
yo uyophakanyiswa.[c]

**13** “Maye kini, babhali na-
baFarisi, bazenzisi! ngoba ni-
valela abantu uMbuso wama-
zulu; ngoba nina ngokwenu
aningeni, nalabo abaya ko-
ngena anibavumeli ukuba ba-
ngene.[d] **14** *—

**15** “Maye kini, babhali naba-
Farisi, bazenzisi![e] ngoba ninqa-
mula ulwandle nezwe elomi-
le ukuze nenze umuntu oyedwa
abe umproselithe, lapho eba
nguye nimenza afanelwe yiGe-
hena* ngokuphindwe kabili ku-
nani.

**16** “Maye kini, baholi aba-
yizimpumputhe,[f] enithi, ‘Uma
umuntu efunga ithempeli, aku-
lutho; kodwa uma umuntu
efunga igolide lasethempeli-
ni, ungaphansi kwesibo-
pho.’[g] **17** Ziphukuphuku ne-
zimpumputhe! Yikuphi nge-
mpela okukhulu, yigolide noma
yithempeli elingcwelise lelo
golide? **18** Ngaphezu kwalo-
kho nithi, ‘Uma umuntu efu-
nga i-altare, akulutho; kodwa
uma umuntu efunga isipho
esikulo, ungaphansi kwesibo-
pho.’ **19** Zimpumputhe! Yiku-
phi ngempela okukhulu, yisi-
pho noma i-altare elingcweli-
sa leso sipho? **20** Ngakho-ke,
noma ubani ofunga i-altare
ufunga lona nazo zonke izinto
ezikulo; **21** noma ubani ofu-
nga ithempeli ufunga lona na-
Lowo ohlala kulo;[h] **22** nano-
ma ubani ofunga izulu ufunga

**22:44** *Bheka iSithasiselo A5. **23:5** *Noma, “bawenza abe banzi amafilaktheriyu.” **23:6** *Noma, “ezingcono.” **23:7** *Noma, “Mfundisi.”

**23:14** *Bheka iSithasiselo A3. **23:15** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**ISAHL. 22**
*a* Hu 110:1; IzE 2:34, 35; 1Ko 15:25; Heb 1:13; Heb 10:12, 13
*b* Mar 12:37

**ISAHL. 23**
*c* Mal 2:7, 8
*d* Mat 11:28
*e* Luk 11:46
*f* Mat 6:1, 2
*g* Dut 6:6, 8
*h* Num 15:38, 39
*i* Mar 12:38, 39; Luk 11:43; Luk 14:7, 10; Luk 20:46
*j* Joh 13:13
*k* Mat 6:9

**Uhla 2**
*a* Mat 20:26; Mar 9:35; Luk 22:26
*b* IzA 16:18
*c* IzA 29:23; Mat 18:4; Luk 14:11; Rom 12:3; 1Pe 5:5
*d* Luk 11:52
*e* Mat 6:2; Luk 12:56
*f* Mat 15:14
*g* Mat 5:34, 35
*h* 1Kh 8:13

isihlalo sobukhosi sikaNkulu-
nkulu naLowo ohlezi kuso.
**23** “Maye kini, babhali naba-
Farisi, bazenzisi! ngoba ninikela
okweshumi kweminti nedile ne-
khumini,[a] kodwa anizinakanga
izindaba zoMthetho ezibalule-
ke kakhulu, okuwukuthi, ubulu-
ngisa[b] nesihe[c] nokwethembeka.
Kwakudingekile ukwenza lezi zi-
nto, kodwa hhayi ukuba ninga-
kunaki lokhu okunye.[d] **24** Ba-
holi abayizimpumputhe,[e] aba-
cwenga insensane[f] eziphuzweni
kodwa bagwinye* ikamela![g]
**25** “Maye kini, babhali naba-
Farisi, bazenzisi! ngoba nige-
za ingaphandle lenkomishi ne-
sitsha,[h] kodwa ngaphakathi ku-
gcwele ukuhaha*[i] nokuzitika
ngokweqile.[j] **26** MFarisi oyi-
mpumputhe, geza kuqala inga-
phakathi lenkomishi nesitsha,
ukuze nengaphandle lako lihla-
nzeke.
**27** “Maye kini, babhali naba-
Farisi, bazenzisi![k] ngoba nifana
namathuna acakwe* ngokum-
hlophe,[l] ngaphandle abonaka-
la emahle ngempela kodwa
ngaphakathi agcwele amatha-
mbo abantu abafile nayo yonke
inhlobo yokungcola. **28** Nge-
ndlela efanayo, ngaphandle ni-
bonakala nilungile kubantu,
kodwa ngaphakathi nigcwele
ubuzenzisi nokwephula umthe-
tho.[m]
**29** “Maye kini, babhali na-
baFarisi, bazenzisi![n] ngoba na-
kha amathuna abaprofethi ni-
hlobise namathuna abalungi-
le,[o] **30** futhi nithi, ‘Ukube sa-
sikhona ezinsukwini zokhokho
bethu, sasingeke sihlanganyele
nabo ekuchitheni igazi lababpro-
fethi.’ **31** Ngakho-ke nizilahla
nina ngokwenu ukuthi ningama-
dodana alabo ababulala abapro-
fethi.[a] **32** Khona-ke, kwenze-
ni ngokugcwele lokho okhokho
benu abakwenza.*
**33** “Zinyoka, nzalo yezi-
nyoka,[b] nizosibalekela kanja-
ni isahlulelo saseGehena?*[c]
**34** Ngenxa yalesi sizathu, ngi-
nithumelela abaprofethi[d] na-
bantu abahlakaniphile nabafu-
ndisi abafundisa umphakathi.[e]
Abanye kubo nizobabulala[f] ni-
babethele ezigxotsheni, kanti
abanye kubo nizobabhaxabula[g]
emasinagogeni enu, nibashu-
shise[h] emadolobheni ngama-
dolobha, **35** ukuze kwehlele
phezu kwenu icala lalo lonke
igazi elilungile elichithwe em-
hlabeni, kusukela egazini lika-
Abela[i] olungile kuye egazi-
ni likaZakariya indodana ka-
Barakiya, enambulala phaka-
thi kwendlu engcwele ne-alta-
re.[j] **36** Ngiqinisile ngithi kini,
zonke lezi zinto ziyokwehlela
lesi sizukulwane.
**37** “Jerusalema, Jerusale-
ma, mbulali wababprofethi no-
khanda ngamatshe labo aba-
thunyelwe kuye[k]—kukaningi ka-
ngakanani nje ngifuna uku-
buthela abantwana bakho nda-
wonye, ngendlela isikhukhuka-
zi esibuthela ngayo amatshwe-
le aso ngaphansi kwamaphiko
aso! Kodwa nina anifunanga.[l]
**38** Bhekani! Indlu yenu ishiywa
nani.*[m] **39** Ngoba ngithi kini,
ngeke niphinde ningibone kusu-
kela manje kuze kube yilapho
nithi, ‘Ubusisiwe lowo oza nge-
gama likaJehova!’ ”*[n]

**ISAHL. 23**
a Lev 27:30
b Mik 6:8; Joh 7:24
c Mat 9:13; Mat 12:7
d Luk 11:42
e Mat 15:14
f Lev 11:23
g Lev 11:4
h Mar 7:3, 4
i Mar 12:38, 40
j Luk 11:39
k Luk 12:56
l Luk 11:44; IzE 23:3
m Luk 16:15
n Mat 6:2
o Luk 11:47

**Uhla 2**
a Luk 11:48; IzE 7:52; Heb 11:32, 37
b Mat 3:7; Mat 12:34; Luk 3:7
c Mat 10:28; Luk 12:5
d Luk 11:49-51
e Mat 13:52
f Joh 16:2; IzE 7:59
g IzE 5:40; 2Ko 11:24
h Luk 21:12
i Gen 4:8, 10; Heb 11:4
j 2Kr 24:20-22
k Joh 8:59; Heb 11:32, 37
l Luk 13:34; Luk 19:41, 42
m 1Kh 9:7, 8; Jer 12:7; Jer 22:5; Mat 21:43; Luk 21:20
n Hu 118:26

**23:24** *Noma, “baginge.” **23:25** *Noma, “impango.” **23:27** *Noma, “apendwe.”

**23:32** *NgesiGreki, “gcwalisani isilinganiso sokhokho benu.” **23:33** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **23:38** *Noma kungaba, “ishiywa nani iyincithakalo.” **23:39** *Bheka iSithasiselo A5.

**24** Manje lapho uJesu ese-
hamba esuka ethempe-
lini, abafundi bakhe basonde-
la ukuze bambonise izakhi-
wo zethempeli. **2** Ngenxa ya-
lokho wathi: “Niyazibona zo-
nke lezi zinto? Ngiqinisile ngi-
thi kini, akusoze kwashiywa la-
pha itshe phezu kwetshe linga-
dilizelwa phansi.”[a]

**3** Esahlezi eNtabeni Yemi-
nqumo, abafundi beza kuye
ngasese, bathi: “Sitshele, ziyo-
kwenzeka nini lezi zinto, fu-
thi luyoba yini uphawu* lokuba
khona# kwakho[b] nolwesiphelo
sesimiso sezinto?”△[c]

**4** UJesu waphendula wathi
kubo: “Xwayani ukuba ninga-
dukiswa muntu,[d] **5** ngoba ba-
ningi abayoza ngegama lami,
bethi, ‘NginguKristu,’ badukise
abaningi.[e] **6** Niyokuzwa nge-
zimpi nemibiko yezimpi. Qa-
phelani ukuba ningethuki, ngo-
ba lezi zinto kumele zenzeke,
kodwa ukuphela kuyobe ku-
ngakafiki.[f]

**7** “Isizwe siyovukela isizwe
nombuso uvukele umbuso,[g] fu-
thi kuyoba khona ukusweleka
kokudla[h] nokuzamazama kom-
hlaba ezindaweni ngezindawo.[i]
**8** Zonke lezi zinto ziwuku-
qala kwemihelo yokucindeze-
leka.

**9** “Khona-ke abantu bayoni-
nikela osizini[j] banibulale,[k] niyo-
zondwa yizizwe zonke ngenxa
yegama lami.[l] **10** Abaningi ba-
yokhubeka, bakhaphelane, ba-
zondane. **11** Kuyovela abapro-
fethi bamanga abaningi, badu-
kise abaningi;[m] **12** ngenxa yo-
kwanda kokwephulwa komthe-
tho, uthando lwabaningi luyo-
phola. **13** Kodwa lowo okhu-
thazele kwaze kwaba* sekuphe-
leni uyosindiswa.[a] **14** Lezi zi-
ndaba ezinhle zoMbuso ziyo-
shunyayelwa emhlabeni wonke*
ukuze kube ubufakazi ezizweni
zonke,[b] ngemva kwalokho uku-
phela kuyofika.

**15** “Ngakho-ke, lapho ni-
bona into enyanyekayo eba-
ngela incithakalo, njengoba
akhuluma ngayo uDaniyeli um-
profethi, imi endaweni engcwe-
le[c] (ofundayo makasebenzise
ukuqonda), **16** khona-ke labo
abaseJudiya mababalekele ezi-
ntabeni.[d] **17** Umuntu ophezu
kwendlu makangehli ayo-
khipha izimpahla endlini ya-
khe, **18** nomuntu osensimini
makangabuyeli emuva ayotha-
tha ingubo yakhe yangapha-
ndle. **19** Maye kwabesifazane
abakhulelwe nakwabancelisa-
yo ngalezo zinsuku! **20** Tha-
ndazelani ukuba ukubaleka
kwenu kungenzeki ngesikha-
thi sasebusika noma ngosuku
lweSabatha; **21** ngoba ngale-
so sikhathi kuyoba khona usizi
olukhulu[e] olungakaze lube kho-
na kusukela ekuqaleni kwezwe
kuze kube manje, cha, futhi
olungeke luphinde lube khona.[f]
**22** Empeleni, ukube lezo zi-
nsuku azifinyezwanga, akukho
muntu obeyosinda; kodwa nge-
nxa yabakhethiwe lezo zinsuku
ziyofinyezwa.[g]

**23** “Khona-ke uma noma
ubani ethi kini, ‘Bhekani! Na-
ngu uKristu,’[h] noma ethi, ‘Na-
nguya!’ ningakholwa.[i] **24** Ngo-
ba kuyovela oKristu bamanga
nabaprofethi bamanga[j] benze
izibonakaliso ezinkulu nezima-
ngaliso ukuze badukise[k] ngisho
nabakhethiwe, uma kungenze-
ka. **25** Bhekani! Nginixwayise

---

**24:3** *Noma, “isibonakaliso.” #Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. △Noma, “nolwesiphelo sesikhathi.” Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**24:13** *Noma, “okhuthazela kuze kube.”
**24:14** *Noma, “kuzo zonke izindawo ezinabantu.”

---

**ISAHL. 24**

a Mar 13:1, 2; Luk 19:44; Luk 21:5, 6
b Mat 24:27; Mat 24:37-39
c Mat 13:39; Mat 28:20; Mar 13:3, 4; Luk 21:7
d Mar 13:5, 6; Luk 21:8
e Mat 24:24
f Mar 13:7; Luk 21:9
g IsA 6:4
h IzE 11:28; IsA 6:6
i Mar 13:8; Luk 21:10, 11
j Joh 15:20; IzE 11:19; IsA 2:10
k Joh 16:2; IzE 7:59; IzE 12:1, 2; IsA 6:11
l Mat 10:17, 22; Mar 13:9, 13; Luk 21:12, 13; Luk 21:17; Joh 15:21; 2Ti 3:12
m Mat 7:15; 1Ti 4:1; 2Pe 2:1

**Uhla 2**

a Mat 10:22; Mar 13:13; Luk 21:19; Heb 10:36
b Mat 9:35; Mat 28:19, 20; Mar 13:10; IsA 14:6
c Dan 9:27; Dan 11:31; Dan 12:11; Mar 13:14-18; Luk 21:20
d Luk 21:21-23
e Luk 21:23; IsA 7:14
f Dan 12:1; Mar 13:19
g Mar 13:20
h Mat 24:5
i Mar 13:21-23
j Mat 7:15; 2Pe 2:1
k Mat 7:22, 23; 2Th 2:9

kusengaphambili. **26** Ngakho-
ke, uma abantu bethi kini,
'Bhekani! Usehlane,' ningaphu-
mi; 'Bhekani! Usemagumbini
angaphakathi,' ningakholwa.[a]
**27** Njengoba nje umbani uvela
empumalanga futhi ubonakale
kuze kube sentshonalanga, ku-
yoba njalo ukuba khona* kwe-
Ndodana yomuntu.[b] **28** Noma-
phi lapho kukhona khona isi-
dumbu, izinkozi* ziyobuthanela
khona.[c]

**29** "Masinyane ngemva kosi-
zi lwangalezo zinsuku, ilanga li-
yoba mnyama,[d] nenyanga nge-
ke ikhanye, nezinkanyezi zi-
yowa ezulwini namandla ama-
zulu ayonyakaziswa.[e] **30** Kho-
na-ke isibonakaliso seNdodana
yomuntu siyobonakala ezulwi-
ni, zonke izizwe zomhlaba zi-
yozishaya zisosizini,[f] futhi zi-
yobona iNdodana yomuntu[g] iza
iphezu kwamafu ezulu inama-
ndla nenkazimulo enkulu.[h]
**31** Iyothuma izingelosi zayo
ngomsindo omkhulu wecilo-
ngo, ziqoqele ndawonye aba-
khethiwe bayo bevela kuzo zo-
nke izinhlangothi,* kusukela
komunye umkhawulo wamazu-
lu kuye komunye umkhawulo
wawo.[i]

**32** "Manje fundani lo mfane-
kiso esihlahleni somkhiwane:
Lapho nje igatsha laso elisha li-
thamba futhi liveza amaqa-
bunga, niyazi ukuthi ihlobo
seliseduze.[j] **33** Ngokufanayo
nani, lapho nibona zonke lezi
zinto, yazini ukuthi iNdodana
yomuntu iseduze, emnyango.[k]
**34** Ngiqinisile ngithi kini, lesi
sizukulwane asisoze sadlula zi-
ngakenzeki zonke lezi zinto.
**35** Izulu nomhlaba kuyodlula,
kodwa amazwi ami awasoze
adlula.[a]

**36** "Ngokuphathelene nalolo
suku nalelo hora akekho owa-
ziyo,[b] nazingelosi zasemazulwi-
ni naNdodana, kodwa nguBaba
kuphela.[c] **37** Njengoba nje za-
zinjalo izinsuku zikaNowa,[d] ku-
yoba njalo nokuba khona* kwe-
Ndodana yomuntu.[e] **38** Ngo-
ba njengoba babenjalo ngale-
zo zinsuku zangaphambi kuka-
Zamcolo, bedla, bephuza, ama-
doda eshada nabesifazane be-
shadiswa, kwaze kwaba usuku
uNowa angena ngalo emkhunji-
ni,[f] **39** futhi abanakanga kwa-
ze kwafika uZamcolo, waba-
khukhula bonke,[g] kuyoba njalo
nokuba khona kweNdodana yo-
muntu. **40** Khona-ke amado-
da amabili ayobe esensimini;
enye iyothathwa, enye ishiywe.
**41** Abesifazane ababili bayo-
be begaya etsheni; omunye
uyothathwa, omunye ashiywe.[h]
**42** Ngakho-ke, hlalani nilindile
ngoba anazi ukuthi iNkosi yenu
iza ngaluphi usuku.[i]

**43** "Kodwa yazini into eyo-
dwa: Ukube umninindlu ubazi
ukuthi isela lizokuza ngasiphi
isikhathi sobusuku,*[j] ubeyo-
hlala ephapheme angavumi
ukuba indlu yakhe igqekezwe.[k]
**44** Ngenxa yalokhu nani futhi
hlalani nimi ngomumo,[l] ngoba
iNdodana yomuntu iza ngehora
eningalicabangi.

**45** "Ubani ngempela oyince-
ku ethembekile neqondayo*
emiswe inkosi yayo phezu
kwabendlu yayo, ukuze iba-
nike ukudla kwabo ngesikha-
thi esifanele?[m] **46** Iyajabula
leyo nceku okuyothi lapho
inkosi yayo ifika iyithole yenza
kanjalo.[n] **47** Ngiqinisile ngithi

---

**24:27, 37** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **24:28** *Ezinye izinhlobo zokhozi ziyazidla izidumbu. **24:31** *NgesiGreki, "emimoyeni yomine."

**24:43** *Noma, "ngamuphi umlindo." **24:45** *Noma, "nehlakaniphile."

---

**ISAHL. 24**
- *a* Luk 17:23
- *b* Luk 17:24
- *c* Luk 17:37
- *d* Jow 2:31
- *e* Mar 13:24, 25; Luk 21:25, 26
- *f* IsA 1:7
- *g* Dan 7:13
- *h* Mat 26:64; Mar 13:26; Luk 21:27
- *i* Mar 13:27
- *j* Mar 13:28-31; Luk 21:29-33
- *k* Jak 5:8, 9

**Uhla 2**
- *a* Luk 21:33
- *b* 1Th 5:1, 2
- *c* Mar 13:32; IzE 1:7
- *d* Gen 6:11-13
- *e* Luk 17:26, 27
- *f* Gen 7:7; Heb 11:7; 1Pe 3:19, 20; 2Pe 2:5
- *g* Gen 7:23; 2Pe 3:6
- *h* Luk 17:35
- *i* Mat 25:13; Mar 13:33; Luk 21:36
- *j* 1Th 5:2; 2Pe 3:10
- *k* Luk 12:39, 40
- *l* Mar 13:35
- *m* Luk 12:42-44
- *n* IsA 16:15

kini, iyoyimisa phezu kwakho
konke okungokwayo.
**48** “Kodwa uma kwenzeka
leyo nceku embi ithi enhlizi-
yweni yayo, ‘Inkosi yami ilibele
ukufika,’[a] **49** bese iqala uku-
shaya izinceku ezikanye nayo,
idle futhi iphuze nezidakwa,
**50** inkosi yaleyo nceku iyo-
fika ngosuku engalulindele na-
ngehora engalazi,[b] **51** iyijezi-
se kanzima kakhulu, iyibeke
phakathi kwabangathembekile.
Lapho yilapho iyokhala khona
iququde amazinyo.[c]

**25** “Khona-ke uMbuso wa-
mazulu ungafaniswa ne-
zintombi eziyishumi ezatha-
tha izibani[d] zazo zaphuma
ziyohlangabeza umkhwenya-
na.[e] **2** Ezinhlanu kuzo zazi-
yiziwula, ezinhlanu zihlaka-
niphile.*[f] **3** Eziyiziwula zatha-
tha izibani zazo kodwa za-
ngawaphatha amafutha, **4** ka-
nti ezihlakaniphile zawapha-
tha amafutha ngezitsha zazo
kanye nezibani zazo. **5** Ngesi-
khathi umkhwenyana esalibe-
le, zonke zozela zalala. **6** Pha-
kathi kobusuku kwezwakala
umsindo wokumemeza: ‘Nangu
umkhwenyana! Phumani ni-
yomhlangabeza.’ **7** Khona-ke
zonke lezo zintombi zavuka za-
lungisa izibani zazo.[g] **8** Eziyi-
ziwula zathi kwezihlakaniphi-
le, ‘Sichathazeleni amafutha
enu, ngoba izibani zethu sezi-
zocima.’ **9** Ezihlakaniphile za-
phendula zathi: ‘Angase anga-
saneli thina kanye nani. Kuna-
lokho, yanini kwababawathengi-
sayo nizithengele awenu.’
**10** Zisaye kothenga, umkhwe-
nyana wafika. Izintombi ezazi-
zilungiselele zangena naye edi-
lini lomshado,[h] umnyango wa-
valwa. **11** Kamuva, zonke ezi-
nye izintombi nazo zafika, za-
thi, ‘Mnumzane, Mnumzane, si-
vulele!’[a] **12** Ephendula wathi,
‘Ngiqinisile ngithi kini, angina-
zi.’
**13** “Ngakho-ke, hlalani nili-
ndile,[b] ngoba anilwazi usuku
noma ihora.[c]
**14** “Ngoba kunjengomuntu
othile, okwathi esezohamba
aye kude, wabiza izinceku za-
khe waziphathisa impahla ya-
khe.[d] **15** Enye wayinika ama-
thalenta* amahlanu, enye ama-
bili, kanti enye elilodwa, nga-
yinye ngokwamandla ayo, wa-
hamba waya kude. **16** Masi-
nyane leyo eyayithole amatha-
lenta amahlanu yahamba yayo-
hweba ngawo yazuza amahlanu
ngaphezulu. **17** Ngokufanayo
leyo eyayithole amabili yazuza
amabili ngaphezulu. **18** Ko-
dwa inceku eyayithole elilodwa
kuphela yahamba, yamba em-
hlabathini yayifihla imali* ye-
nkosi yayo.
**19** “Ngemva kwesikhathi esi-
de, inkosi yalezo zinceku ya-
fika yalungisa izindaba zezima-
li nazo.[e] **20** Ngakho leyo eyayi-
thole amathalenta amahlanu
yasondela, yaletha amathale-
nta amahlanu engeziwe, ya-
thi, ‘Nkosi, wangiphathisa ama-
thalenta amahlanu; bheka, ngi-
zuze amanye amathalenta ama-
hlanu.’[f] **21** Inkosi yayo yathi
kuyo: ‘Wenze kahle, nceku
enhle nethembekile! Uthembe-
ke ezintweni ezimbalwa. Ngizo-
kumisa phezu kwezinto ezini-
ngi.[g] Jabula kanye nenkosi
yakho.’[h] **22** Ngokulandelayo
leyo eyayithole amathalenta
amabili yasondela yathi, ‘Nko-
si, wangiphathisa amathale-
nta amabili; bheka, ngizuze

ISAHL. 24
a Luk 12:45, 46
b Mat 25:13
c Mat 13:42

ISAHL. 25
d Luk 12:35 Flp 2:15
e Joh 3:28, 29 IsA 19:7
f Mat 7:24, 26
g Luk 12:35
h IsA 19:9

Uhla 2
a Luk 13:25, 27
b 1Th 5:6 1Pe 5:8
c Mat 24:42, 50 Mar 13:33
d Luk 19:12, 13
e Luk 19:15
f Luk 19:16, 17
g Luk 16:10
h Heb 12:2

**25:2** *Noma, “zinokuqonda.”

**25:15** *Ithalenta lamaGreki lalilingana no-20,4 kg. Bheka iSithasiselo B14.
**25:18** *NgesiGreki, “imali yesiliva.”

amanye amathalenta amabili.’[a]
**23** Inkosi yayo yathi kuyo: ‘We-
nze kahle, nceku enhle nethe-
mbekile! Wathembeka ezintwe-
ni ezimbalwa. Ngizokumisa phe-
zu kwezinto eziningi. Ngena
enjabulweni yenkosi yakho.’

**24** “Ekugcineni inceku eya-
yithole ithalenta elilodwa yaso-
ndela yathi: ‘Nkosi, bengikwa-
zi ukuthi ungumuntu olukhuni,
uvuna lapho ungahlwanyela-
nga khona futhi ubutha lapho
ungazange uhlunge khona.[b]
**25** Ngakho ngesaba, ngaha-
mba ngayolifihla emhlabathi-
ni ithalenta lakho. Mina, tha-
tha okungokwakho.’ **26** Inko-
si yayo yaphendula yathi kuyo:
‘Nceku embi nevilaphayo, be-
wazi ukuthi ngivuna lapho ngi-
ngahlwanyelanga khona noku-
thi ngibutha lapho ngingaza-
nge ngihlunge khona, akunja-
lo? **27** Khona-ke, bekufanele
ubeke imali yami* kubaphathi
bebhange, lapho ngifika bengi-
yoyithola isinenzalo.

**28** “‘Ngakho-ke mphuceni
ithalenta nilinike lowo onama-
thalenta ayishumi.[c] **29** Ngoba
wonke umuntu onakho, uyo-
nikwa okwengeziwe futhi uyo-
ba nokuningi. Kodwa lowo
ongenakho, uyophucwa ngi-
sho nalokho anakho.[d] **30** Yi-
khipheleni ngaphandle ebum-
nyameni inceku engelusizo lwa-
lutho. Lapho yilapho iyokhala
khona iququde amazinyo.’

**31** “Lapho iNdodana yomu-
ntu[e] ifika enkazimulweni yayo,
nazo zonke izingelosi zikanye
nayo,[f] iyohlala phansi esihla-
lweni sayo sobukhosi esikha-
zimulayo. **32** Zonke izizwe zi-
yobuthelwa phambi kwayo, fu-
thi iyohlukanisa abantu omu-
nye komunye, njengoba nje
umalusi ehlukanisa izimvu ezi-
mbuzini. **33** Iyobeka izimvu[a]
ngakwesokudla sayo, ko-
dwa izimbuzi ngakwesobunxe-
le sayo.[b]

**34** “INkosi iyothi kulabo
abangakwesokudla sayo: ‘Wo-
zani, nina enibusiswe nguBa-
ba, nizuze ifa loMbuso ena-
wulungiselelwa kusukela eku-
sungulweni kwezwe. **35** Ngo-
ba ngangilambile nanginika
ukudla; ngangomile nanginika
okuphuzwayo. Ngangiyisiha-
mbi nangamukela ngemfudu-
malo;[c] **36** ngangihlubule,* na-
ngigqokisa.[d] Ngangigula nangi-
nakekela. Ngangisejele nangi-
vakashela.’[e] **37** Khona-ke aba-
lungile bayoyiphendula ngala
mazwi: ‘Nkosi, sakubona
nini ulambile sakunika uku-
dla, noma womile, sakunika
okuphuzwayo?[f] **38** Sakubona
nini uyisihambi sakwamukela
ngemfudumalo, noma uhlubu-
le, sakugqokisa? **39** Sakubo-
na nini ugula noma usejele sa-
kuvakashela?’ **40** INkosi iyo-
phendula ithi kubo, ‘Ngiqinisi-
le ngithi kini, ngezinga enikwe-
nze ngalo komncane kunabo
bonke walaba bafowethu, ni-
kwenzile nakimi.’[g]

**41** “Khona-ke iyothi kula-
bo abangakwesobunxele sayo:
‘Sukani kimi,[h] nina eniqale-
kisiwe, niye emlilweni wa-
phakade[i] olungiselelwe uDeve-
li nezingelosi zakhe.[j] **42** Ngo-
ba ngangilambile, kodwa ani-
nginikanga lutho ukuba ngi-
dle; ngangomile, kodwa aningi-
nikanga lutho ukuba ngiphu-
ze. **43** Ngangiyisihambi, ko-
dwa aningamukelanga ngemfu-
dumalo; ngangihlubule, ko-
dwa aningigqokisanga; ngangi-
gula futhi ngisejele, kodwa ani-

**25:27** *NgesiGreki, “isiliva lami.”

**25:36** *Noma, “ngangihamba nqunu.”

**ISAHL. 25**
a Luk 19:18, 19
b Luk 19:20-23
c Luk 19:24-26
d Mat 13:12; Mar 4:25; Luk 8:18; Joh 15:2
e Dan 7:13
f Mat 16:27

**Uhla 2**
a Joh 10:14
b Mat 25:41
c Heb 13:2; 3Jo 5
d Jak 2:15, 16
e 2Ti 1:16
f Mat 10:42
g IzA 19:17; Mat 10:40; Mar 9:41; Heb 6:10
h Mat 7:23
i Mat 18:8, 9
j IsA 12:9; IsA 20:10

nginakekelanga.’ **44** Nabo ba-
yophendula ngala mazwi: ‘Nko-
si, sakubona nini ulambile
noma womile noma uyisiha-
mbi noma uhlubule noma ugu-
la noma usejele sangakusi-
za?’ **45** Khona-ke iyobaphe-
ndula ithi: ‘Ngiqinisile ngi-
thi kini, ngezinga eningakwe-
nzanga ngalo komncane kuna-
bo bonke kulaba, anikwenza-
nga nakimi.’[a] **46** Laba bayo-
nqunywa* phakade,[b] kodwa
abalungile bathole ukuphila
okuphakade.”[c]

**26** Manje lapho uJesu ese-
qedile ukusho zonke lezi
zinto, wathi kubafundi bakhe:
**2** “Niyazi ukuthi ezinsukwini
ezimbili kusukela manje kuzo-
ba yiPhasika,[d] futhi iNdodana
yomuntu izonikelwa ukuze ibe-
thelwe esigxotsheni.”[e]

**3** Abapristi abakhulu nama-
doda amadala esizwe babutha-
na egcekeni lompristi ophake-
me owayebizwa ngokuthi uKa-
yafase,[f] **4** bacebisana[g] ngoku-
ba babambe* uJesu ngobuqi-
li# nokuba bambulale. **5** No-
kho, babethi: “Kungabi ngom-
khosi, ukuze kungabi nesiyalu-
yalu phakathi kwabantu.”

**6** Ngesikhathi uJesu ese-
Bhethaniya endlini kaSimo-
ni onochoko,[h] **7** kwasondela
kuye owesifazane othile ephe-
the ibhodlela le-alabhaste la-
mafutha abizayo anamakha,
wawathela ekhanda lakhe nje-
ngoba edla.* **8** Lapho bebo-
na lokhu, abafundi bathuku-
thela bathi: “Okwani lokhu
kusaphaza okungaka? **9** Ngo-
ba la mafutha ngabe ada-
yiswe ngemali enkulu, yaphi-
wa abahluphekayo.” **10** Eku-
qaphela lokhu, uJesu wathi
kubo: “Kungani nimkhathaza
lona wesifazane? Wenze into
enhle kimi. **11** Abahlupheka-
yo nihlale ninabo,[a] kodwa nge-
ke nibe nami ngaso sonke isi-
khathi.[b] **12** Lapho ethela la
mafutha anamakha emzimbe-
ni wami, ukwenze ukuze angi-
lungiselele ukungcwatshwa.[c]
**13** Ngiqinisile ngithi kini, no-
maphi lapho lezi zindaba ezi-
nhle zishunyayelwa khona em-
hlabeni wonke, lokhu akwe-
nzile lona wesifazane nakho
kuyokhulunywa ngakho ukuze
akhunjulwe.”[d]

**14** Khona-ke omunye waba-
yiShumi Nambili,* okuthiwa
uJuda Iskariyothe,[e] waya kuba-
pristi abakhulu[f] **15** wathi: “Ni-
zonginikani ukuze ngimkha-
phele kini?”[g] Bamnqumela izi-
nhlamvu zesiliva ezingu-30.[h]
**16** Ngakho kusukela ngaleso si-
khathi, wayelokhu efuna ithuba
elihle lokumkhaphela.

**17** Ngosuku lokuqala lweSi-
nkwa Esingenamvubelo,[i] abafu-
ndi beza kuJesu, bathi: “Ufuna
sikulungisele kuphi lapho uzo-
dlela khona iPhasika?”[j] **18** Wa-
thi: “Hambani niye edolobhe-
ni kuSibanibani nithi, ‘UMfundi-
si uthi: “Isikhathi sami esimi-
siwe siseduze; ngizogubha um-
khosi wePhasika kanye nabafu-
ndi bami kwakho.”’” **19** Aba-
fundi benza njengoba nje uJe-
su ebayalile, balungiselela iPha-
sika.

**20** Lapho sekuhlwile,[k] wa-
yehlezi etafuleni nabafundi
abangu-12.[l] **21** Besadla, wathi:
“Ngiqinisile ngithi kini, omunye
kini uzongikhaphela.”[m] **22** Be-
lusizi kakhulu ngalokhu, nga-
munye waqala ukuthi kuye:

---

**25:46** *Okuwukuthi, bayonqunywa ekuphileni. NgesiGreki, “bayogawulwa.” **26:4** *Noma, “babophe.” #Noma, “ngeqhinga.” **26:7** *Noma, “ehlezi etafuleni.”

**26:14** *Okuwukuthi, abaphostoli abangu-12.

---

ISAHL. 25
a Zak 2:8; IzE 9:4, 5
b 2Pe 2:9
c Rom 2:6, 7

ISAHL. 26
d Eks 12:14; Mar 14:1, 2; Luk 22:1, 2; Joh 13:1
e Mat 16:21; Mat 20:18, 19; Mat 27:26; Mar 15:15; Joh 19:16
f Mat 26:57; Luk 3:2; Joh 11:49; Joh 18:13, 24
g Hu 2:2
h Mar 14:3-9; Joh 12:1-8

Uhla 2
a Dut 15:11
b Mar 14:7
c Mar 14:8; Joh 12:7
d Mar 14:9
e Mat 10:2, 4; Joh 13:2
f Mar 14:10, 11; Luk 22:3-6
g Joh 11:57
h Eks 21:32; Zak 11:12; Mat 27:3
i Eks 12:18; Eks 23:15; Luk 22:1
j Mar 14:12-16; Luk 22:7-13
k Dut 16:6
l Mar 14:17-21; Luk 22:14
m Luk 22:21-23; Joh 6:70; Joh 13:21, 22

"Nkosi, akumina, akunjalo?"
**23** Waphendula wathi: "Lowo
ofaka isandla sakhe kanye nami
esitsheni nguye ozongikhaphe-
la.[a] **24** Yiqiniso, iNdodana yo-
muntu iyahamba, njengoba nje
kulotshiwe ngayo, kodwa maye[b]
kulowo muntu okhaphela iNdo-
dana yomuntu![c] Bekuyoba ngco-
no ngalowo muntu ukube wa-
yengazalwanga."[d] **25** UJuda,
owayesezomkhaphela, waphe-
ndula wathi: "Kungaba yimi
yini, Rabi?" UJesu wathi kuye:
"Wena ngokwakho ushilo."

**26** Njengoba beqhubeka be-
dla, uJesu wathatha isinkwa,
futhi ngemva kokuthandaza,*
wasihlephula,[e] wasinikeza aba-
fundi, wathi: "Thathani, yi-
dlani. Lokhu kusho umzimba
wami."[f] **27** Wathatha indebe,
wabonga, wabanika yona, wa-
thi: "Phuzani kuyo nonke,[g]
**28** ngoba lokhu kusho 'iga-
zi' lami[h] 'lesivumelwano,'[i] eli-
zothululwa ngenxa yabani-
ngi[j] ngenjongo yokuthethele-
lwa kwezono.[k] **29** Kodwa ngi-
thi kini: Ngeke ngiphinde ngi-
phuze noma yini yalo mkhiqizo
wesihlahla samagilebhisi kuze
kube yilolo suku engiyowuphu-
za ngalo nani umusha eMbu-
sweni kaBaba."[l] **30** Ekugcine-
ni, ngemva kokucula izingoma
zokudumisa,* baphuma baya
eNtabeni Yeminqumo.[m]

**31** Khona-ke uJesu wathi
kubo: "Nonke nizokhubeka nga-
mi kulobu busuku, ngoba ku-
lotshiwe ukuthi: 'Ngizoshaya
umalusi, izimvu zomhlambi zi-
hlakazeke.'[n] **32** Kodwa nge-
mva kokuba sengivusiwe, ngi-
zohamba kuqala kunani ngi-
ye eGalile."[o] **33** Kodwa uPe-
tru, waphendula wathi kuye:
"Nakuba bonke abanye be-
khubeka ngawe, mina angi-
soze ngakhubeka!"[a] **34** UJesu
wathi kuye: "Ngiqinisile ngi-
thi kuwe, kulobu busuku, nga-
phambi kokuba iqhude likhale,
wena uzongiphika kathathu."[b]
**35** UPetru wathi kuye: "Ngisho
noma kungadingeka ngife ka-
nye nawe, angisoze ngakuphi-
ka."[c] Bonke abanye abafundi
nabo basho into efanayo.

**36** Khona-ke uJesu wafika
nabo endaweni ebizwa ngo-
kuthi iGetsemane,[d] wathi ku-
bafundi: "Hlalani lapha phansi,
mina ngisayothandaza lapha-
ya."[e] **37** Ethatha uPetru na-
madodana amabili kaZebede-
wu, waqala ukuba lusizi noku-
khathazeka kakhulu.[f] **38** Wa-
thi kubo: "Ngilusizi kakhu-
lu, kuze kube seqophelwe-
ni lokufa. Hlalani lapha nilinde
kanye nami."[g] **39** Eya phambi-
li kancane, wawa ngobuso, wa-
thandaza wathi:[h] "Baba, uma
kungenzeka, le ndebe*[i] mayi-
dlule kimi. Nokho, kungenzeki
intando yami, kodwa kwenzeke
intando yakho."[j]

**40** Wabuyela kubafundi wa-
bathola belele, wathi kuPetru:
"Beningeke nilinde ngisho ne-
hora elilodwa nje kanye nami?[k]
**41** Hlalani nilindile[l] futhi nitha-
ndaze njalo,[m] ukuze ningangeni
esilingweni.[n] Yebo, umoya uya-
fisa,* kodwa inyama ibuthaka-
thaka."[o] **42** Waphinda, okwe-
sibili, wahamba futhi wathanda-
za, wathi: "Baba, uma kungena-
kwenzeka ukuba lokhu ku-
dlule ngaphandle kokuba ngi-
kuphuze, intando yakho maye-
nzeke."[p] **43** Waphinde wabuya
wabathola belele, ngoba ame-

---

**26:26** *Noma, "kokusho isibusiso."
**26:30** *Noma, "izihlabelelo; amahubo."

**26:39** *"Indebe" ifanekisela intando kaNkulunkulu yokuvuma ukuba uJesu afe ebekwe icala lokuhlambalaza. **26:41** *Noma, "uyathanda."

---

ISAHL. 26
a Hu 41:9; Mar 14:20; Luk 22:21; Joh 13:26
b Dut 27:25
c Luk 22:22; Joh 17:12
d Mar 14:21
e 1Ko 10:16
f Mar 14:22; Luk 22:19; 1Ko 11:23-26
g Mar 14:23; Luk 22:20
h 1Ko 10:16
i Eks 24:8; Jer 31:31; Heb 7:22
j Mat 20:28; Mar 14:24
k Efe 1:7; Heb 9:20, 22
l Mar 14:25; Luk 22:18
m Luk 22:39; Joh 18:1
n Zak 13:7; Mar 14:27, 28; Joh 16:32
o Mat 28:7; Mat 28:16

Uhla 2
a Mar 14:29-31
b Mar 14:30; Luk 22:34; Joh 13:38
c Luk 22:33
d Joh 18:1
e Mar 14:32-36; Luk 22:40
f Isay 53:3
g Mar 14:34
h Heb 5:7
i Mat 20:22; Joh 18:11
j Mar 14:36; Luk 22:42; Joh 5:30; Joh 6:38; Heb 10:9
k Mar 14:37-42; Luk 22:45
l Mar 13:33; 1Pe 5:8; IsA 16:15
m Luk 18:1; Rom 12:12; Efe 6:18; 1Pe 4:7
n Mat 6:13; Luk 22:46
o Mar 14:38; Rom 7:23
p Mat 6:10; Joh 12:27

hlo abo ayesindwa ubuthongo.
**44** Ngakho wabashiya, waphi-
nde wahamba wayothandaza
okwesithathu, ephinda esho
into efanayo. **45** Khona-ke wa-
buyela kubafundi, wathi kubo:
“Esikhathini esinjengalesi nile-
le niphumule! Bhekani! Iho-
ra selisondele lokuba iNdo-
dana yomuntu ikhashelwe eza-
ndleni zezoni. **46** Sukumani
sihambe. Bhekani! Umkhaphe-
li wami useseduze.” **47** Esa-
khuluma, kwaqhamuka uJu-
da, omunye wabayiShumi Na-
mbili, weza ekanye nesixuku
esikhulu siphethe izinkemba
nemishiza sithunywe abapri-
sti abakhulu namadoda amada-
la esizwe.[a]

**48** Umkhapheli wakhe wa-
yebanike uphawu, ethi: “Lowo
engizomqabula esihlathini,
nguye; mbopheni.” **49** Waqo-
nda ngqo kuJesu wathi: “Sa-
wubona, Rabi!” Wamqabula esi-
hlathini. **50** Kodwa uJesu wa-
thi kuye: “Mfo, ubekwa yini la-
pha?”[b] Khona-ke basondela, ba-
mbamba uJesu bambopha.
**51** Kodwa omunye kulabo
ababenoJesu wabamba inke-
mba yakhe wayihosha, waga-
lela encekwini yompristi opha-
keme wasusa indlebe yayo.[c]
**52** Khona-ke uJesu wathi
kuye: “Buyisela inkemba ya-
kho endaweni yayo,[d] ngoba bo-
nke abaphatha inkemba bayofa
ngenkemba.[e] **53** Noma ucaba-
nga ukuthi anginakunxusa yini
kuBaba ukuba anginike ngalo
mzuzwana amalegiyona* ezi-
ngelosi angaphezu kwangu-12?[f]
**54** Uma ngenza kanjalo, ibi-
yogcwaliseka kanjani imiBha-
lo ethi kumele kwenzeke ngale
ndlela?” **55** Ngalelo hora uJe-
su wathi ezixukwini: “Ingabe
nizele ukuzobopha mina niphe-
the izinkemba nemishiza nje-
ngokungathi nizobopha isige-
bengu? Usuku nosuku ngangi-
vame ukuhlala nani ethempe-
lini ngifundisa,[a] kodwa ani-
ngibophanga.[b] **56** Kodwa ko-
nke lokhu kwenzeka ukuze ku-
gcwaliseke imibhalo yabapro-
fethi.”[c] Khona-ke bonke abafu-
ndi bamshiya babaleka.[d]

**57** Labo ababopha uJesu
bamyisa kuKayafase[e] umpri-
sti ophakeme, lapho kwakuhla-
ngene khona ababhali namado-
da amadala.[f] **58** Kodwa uPe-
tru waqhubeka emlandela ebu-
qamama, waze wafika egceke-
ni lompristi ophakeme, nge-
mva kokungena ngaphakathi,
wahlala nezikhonzi zasendlini
ukuze abone isiphetho.[g]

**59** Manje abapristi abakhu-
lu nayo yonke iSanhedrini ba-
befuna ubufakazi obungama-
nga ngoJesu ukuze bambula-
le.[h] **60** Kodwa ababutholanga,
naphezu kokuba kwakuvele
ofakazi abaningi bamanga.[i] Ka-
muva kweza ababili **61** bathi:
“Lo muntu wathi, ‘Mina ngi-
ngalidiliza ithempeli likaNkulu-
nkulu, ngilakhe ngezinsuku
ezintathu.’ ”[j] **62** Ngemva kwa-
lokho umpristi ophakeme wa-
sukuma wathi kuye: “Aku-
kho ongaziphendulela ngakho?
Awuzwa yini ukuthi laba ba-
ntu bafakaza bathini ngawe?”[k]
**63** Kodwa uJesu wayelokhu
ethule.[l] Ngakho umpristi opha-
keme wathi kuye: “Ngikufungi-
sa uNkulunkulu ophilayo uku-
ba usitshele ukuthi unguye yini
uKristu iNdodana kaNkulunku-
lu!”[m] **64** UJesu wathi kuye:
“Wena ngokwakho ushilo. Ko-
dwa mina ngithi kini: Kusukela
manje kuqhubeke nizobona
iNdodana yomuntu[n] ihlezi nga-
kwesokudla sikaNkulunkulu

---

ISAHL. 26
*a* Mar 14:43-47, Luk 22:47-51, Joh 18:3
*b* Hu 41:9
*c* Mar 14:47, Luk 22:50, Joh 18:10
*d* Joh 18:11
*e* Gen 9:6
*f* 2Kh 6:17, Dan 7:10, Mat 4:11

Uhla 2
*a* Luk 19:47, Joh 18:20
*b* Mar 14:48, 49, Luk 22:52, 53
*c* Hu 22:16-18, Isay 53, Dan 9:26
*d* Zak 13:7, Mar 14:50, Joh 16:32
*e* Joh 18:13
*f* Mar 14:53, 54, Luk 22:54, 55
*g* Joh 18:16
*h* Mar 14:55-59
*i* Hu 27:12, Hu 35:11
*j* Mat 27:39, 40, Joh 2:19, IzE 6:14
*k* Mar 14:60-65
*l* Isay 53:7, IzE 8:32
*m* Luk 22:67-71
*n* Dan 7:13, Joh 1:51

---

**26:53** *Ilegiyona yibutho laseRoma yasendulo.

Onamandla[a] iza iphezu kwama-
fu ezulu.”[b] **65** Khona-ke um-
pristi ophakeme waklebhula
izingubo zakhe zangaphandle,
wathi: “Uhlambalazile! Sisaba-
dingelani ofakazi? Senikuzwile
ukuhlambalaza. **66** Manje
nina nibona kanjani?” Baphe-
ndula bathi: “Ufanelwe uku-
fa.”[c] **67** Khona-ke bamkhafu-
lela ngamathe ebusweni[d] bam-
shaya nangezibhakela.[e] Abanye
bamshaya ngezimpama ebu-
sweni,[f] **68** bethi: “Siprofethe-
le, wena Kristu. Ubani okusha-
yile?”

**69** UPetru wayehlezi nga-
phandle egcekeni, futhi into-
mbazane eyinceku yeza kuye,
yathi: “Nawe futhi, ubunoJesu
waseGalile!”[g] **70** Kodwa wa-
phika phambi kwabo bonke,
wathi: “Angazi ukuthi ukhulu-
ma ngani.” **71** Lapho ephuma
eya endlini esesangweni, enye
intombazane yambona yase
ithi kulabo ababelapho: “Lo
muntu ubenoJesu umNaza-
retha.”[h] **72** Waphinde waphi-
ka wafunga, wathi: “Angimazi
lo muntu!” **73** Ngemva kwesi-
khashana, labo ababemi lapho
beza bathi kuPetru: “Impela
nawe futhi ungomunye wabo,
ngoba eqinisweni, ulimi lwa-
kho luyakuceba.”* **74** Khona-
ke waqala ukuqalekisa noku-
funga ethi: “Angimazi lo mu-
ntu!” Masinyane iqhude la-
khala. **75** UPetru wakhumbu-
la amazwi kaJesu lapho ethi:
“Ngaphambi kokuba iqhude li-
khale, uzongiphika kathathu.”[i]
Waphumela ngaphandle wa-
khala kalusizi.

**27** Lapho kusa, bonke aba-
pristi abakhulu namado-
da amadala esizwe babonisa-
na ngoJesu ukuze bambulale.[j]
**2** Ngemva kokumbopha, baha-
mba naye bamnikela kuPilatu
umbusi.[a]

**3** Lapho uJuda, owayem-
khaphele, ebona ukuthi uJe-
su ulahliwe, wazisola wabuyi-
sela izinhlamvu zesiliva ezingu-
30 kubapristi abakhulu nama-
doda amadala,[b] **4** ethi: “Ngo-
nile lapho ngikhaphela igazi
elingenacala.” Bathi: “Sinanda-
bani thina nalokho? Zibonele!”*
**5** Ngakho waphonsa lezo zi-
nhlamvu zesiliva ethempelini,
wasuka wahamba. Wabe eseyo-
zilengisa.[c] **6** Kodwa abapristi
abakhulu bathatha lezo zinhla-
mvu zesiliva bathi: “Akuvume-
lekile ngokomthetho ukuzifa-
ka endaweni yokugcina ingce-
bo engcwele, ngoba le mali
ingcoliswe yigazi.”* **7** Ngemva
kokubonisana, bathenga nga-
zo isiganga sombumbi ukuze
kungcwatshwe kuso izihambi.
**8** Ngakho-ke leso siganga siye
sabizwa ngokuthi iSiganga Se-
gazi[d] kuze kube yilolu suku.
**9** Khona-ke lokho okwakhulu-
nywa ngoJeremiya umprofethi
kwagcwaliseka, ethi: “Batha-
tha izinhlamvu zesiliva ezingu-
30, inani elalibekwe kulowo
muntu, lowo inani lakhe ela-
linqunywe ngamanye amado-
dana akwa-Israyeli, **10** bathe-
nga ngazo isiganga sombumbi,
ngokwalokho uJehova* angiya-
la ngakho.”[e]

**11** Manje uJesu wama pha-
mbi kombusi, umbusi wambuza
lo mbuzo: “Ingabe uyiyo iNkosi
yamaJuda?” UJesu waphendu-
la: “Wena ngokwakho uya-
sho.”[f] **12** Kodwa ngesikhathi
abapristi abakhulu namado-
da amadala bembeka icala,
akaphendulanga.[g] **13** Khona-

**26:73** *Noma, “indlela yakho yokukhuluma iyakuceba.”

**27:4** *Noma, “Inkinga yakho leyo.”
**27:6** *NgesiGreki, “ziyintengo yegazi.”
**27:10** *Bheka iSithasiselo A5.

ISAHL. 26
a Hu 110:1; Luk 22:69
b Mar 14:62; IsA 1:7
c Lev 24:16; Joh 19:7
d Isay 50:6
e Luk 22:63, 64
f Isay 53:3
g Mar 14:66-72; Luk 22:54-62; Joh 18:15-17
h Joh 18:25-27
i Mat 26:34; Mar 14:30; Joh 13:38

ISAHL. 27
j Mar 15:1; Luk 22:66

Uhla 2
a Hu 2:2; Mat 20:18, 19; Luk 23:1; Joh 18:28; IzE 3:13
b Mat 26:14, 15; Mar 14:10, 11
c IzE 1:16, 18
d IzE 1:19
e Zak 11:12, 13
f Mar 15:2-5; Luk 23:3; Joh 18:33, 37
g Isay 53:7; Mat 26:63; Joh 19:9

ke uPilatu wathi kuye: “Awu-
zwa yini ukuthi ziningi ka-
ngakanani izinto abazifakazayo
ngawe?” **14** Kodwa akamphe-
ndulanga, akazange athi vu,
kangangokuthi umbusi wama-
ngala kakhulu.

**15** Manje kwakuyinqubo yo-
mbusi ukuba umkhosi nomkho-
si akhululele isixuku isiboshwa,
noma yisiphi esisifunayo.[a]
**16** Ngaso nje leso sikhathi ba-
begcine isiboshwa esasinedu-
mela elibi, esibizwa ngokuthi
uBharaba. **17** Ngakho lapho
sesibuthene ndawonye, uPi-
latu wathi kuso: “Ubani enifuna
nginikhululele yena, uBharaba
noma uJesu okuthiwa uKristu?”
**18** Ngoba uPilatu wayeqaphela
ukuthi babemnikele ngenxa
yomona. **19** Ngaphezu kwalo-
kho, esahlezi esihlalweni so-
kwahlulela, umkakhe wathume-
la umyalezo kuye, ethi: “Hluka-
na nalowo muntu olungile, ngo-
ba ngihlupheke kakhulu namu-
hla ephusheni ngenxa yakhe.”
**20** Kodwa abapristi abakhulu
namadoda amadala banxenxa
izixuku ukuba zicele uBhara-
ba,[b] kodwa uJesu abulawe.[c]
**21** Ephendula umbusi wathi
kuzo: “Yimuphi kulaba ababi-
li enifuna ukuba nginikhulu-
lele yena?” Zathi: “UBhara-
ba.” **22** UPilatu wathi kuzo:
“Manje ngenzeni ngoJesu oku-
thiwa uKristu?” Zonke zathi:
“Makabethelwe* esigxotsheni!”[d]
**23** Wathi: “Ngasizathu sini?
Yini embi ayenzile?” Noma ku-
njalo zaqhubeka zimemeza na-
kakhulu zithi: “Makabethelwe
esigxotsheni!”[e]

**24** Lapho ebona ukuthi kwa-
kungasizi ngalutho, kodwa ku-
nalokho, kwakuvela isiyaluya-
lu, uPilatu wathatha amanzi
wageza izandla phambi kwesi-
xuku, ethi: “Ngimsulwa egazi-
ni lalo muntu. Ziboneleni nina.”
**25** Bonke abantu baphendula
bathi: “Igazi lakhe malehle-
le phezu kwethu naphezu kwa-
bantwana bethu.”[a] **26** Khona-
ke wabakhululela uBharaba, ko-
dwa wayala ukuba uJesu abha-
xabulwe,[b] wamnikela ukuba
abulawe* esigxotsheni.[c]

**27** Ngemva kwalokho, ama-
sosha ombusi angenisa uJe-
su emzini wombusi futhi abu-
thela kuye wonke amabutho.[d]
**28** Amkhumula, amgqokisa
isembatho esibomvu,[e] **29** alu-
ka umqhele ngameva awube-
ka ekhanda lakhe, amphathi-
sa nomhlanga esandleni sa-
khe sokudla. Aguqa phambi
kwakhe, ahlekisa ngaye, athi:
“Sawubona* Nkosi yamaJu-
da!” **30** Amkhafulela ngama-
the,[f] athatha umhlanga, aqala
ukumshaya ngawo ekhanda.
**31** Ekugcineni, ngemva koku-
hlekisa ngaye, amkhumula ise-
mbatho, amgqokisa izingubo
zakhe zangaphandle, ahamba
naye ukuze ayobethelwa esi-
gxotsheni.[g]

**32** Njengoba ephuma atho-
la umuntu waseKhurene
okuthiwa nguSimoni. Apho-
qa lo muntu ukuba am-
thwalele* isigxobo sakhe
sokuhlushwa.[#h] **33** Lapho efi-
ka endaweni ebizwa ngoku-
thi i-*Golgotha,* okuwukuthi,
iNdawo Yogebhezi,[i] **34** amni-
ka iwayini elixutshwe noku-
babayo ukuba aphuze;[j] ko-
dwa ngemva kokulinambitha,
wenqaba ukuphuza. **35** La-
pho esembethele esigxotsheni,

ISAHL. 27
*a* Mar 15:6-10; Joh 18:39
*b* Luk 23:18; Joh 18:40; IzE 3:14
*c* Mar 15:11-14
*d* Luk 23:21
*e* Luk 23:23; IzE 3:13

Uhla 2
*a* IzE 5:27, 28; 1Th 2:14, 15
*b* Luk 18:33; Joh 19:1
*c* Mar 15:15; Luk 23:25
*d* Mar 15:16-20
*e* Joh 19:2, 3
*f* Isay 50:6; Mat 26:67
*g* Isay 53:7; Mat 20:18, 19
*h* Mar 15:21; Luk 23:26
*i* Mar 15:22-24; Luk 23:33; Joh 19:17
*j* Hu 69:21

**27:22** *Noma, “Mbulale.”

**27:26** *Noma, “abethelwe.” **27:29** *Noma, “Bayede.” **27:32** *Noma, “enze umsebenzi wokuthwala.” #Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

abelana ngezingubo zakhe za-
ngaphandle esebenzisa inka-
tho,[a] **36** futhi ahlala lapho
amqapha. **37** Ngenhla kwe-
khanda lakhe axhoma ica-
la ayebekwe lona, lilotshwe la
mazwi: "Lona nguJesu iNkosi
YamaJuda."[b]

**38** Khona-ke abaphangi aba-
bili babethelwa ezigxotshe-
ni kanye naye, omunye
ngakwesokudla sakhe omu-
nye ngakwesobunxele sakhe.[c]
**39** Abantu abadlulayo babem-
hlambalaza,[d] benikina amakha-
nda[e] **40** bethi: "Wena owawu-
zodiliza ithempeli ubuye ula-
khe ngezinsuku ezintathu,[f] zisi-
ndise! Uma uyindodana kaNku-
lunkulu, yehla esigxotsheni
sokuhlushwa!"*[g] **41** Ngendle-
la efanayo, nabapristi abakhu-
lu kanye nababhali namado-
da amadala baqala ukuhlekisa
ngaye bethi:[h] **42** "Abanye wa-
basindisa; yena akakwazi uku-
zisindisa! UyiNkosi yakwa-Isra-
yeli;[i] makehle manje esigxo-
tsheni sokuhlushwa* sizom-
kholwa. **43** Ubeke ithemba la-
khe kuNkulunkulu; makamsi-
ndise manje uma Yena emfuna,[j]
ngoba wathi, 'NgiyiNdodana
kaNkulunkulu.'"[k] **44** Ngendle-
la efanayo, ngisho nabapha-
ngi ababebethelwe ezigxotshe-
ni kanye naye babemhlamba-
laza.[l]

**45** Kusukela ngehora lesi-
thupha,* kwaba mnyama ezwe-
ni lonke kwaze kwaba yiho-
ra lika-9.#[m] **46** Cishe ngeho-
ra lika-9,# uJesu wameme-
za ngezwi elikhulu, wathi:
"*Eli, Eli, lama sabakthani?*" oku-
wukuthi, "Nkulunkulu wami,
Nkulunkulu wami, ungishiyele-
ni?"[a] **47** Lapho bezwa lokhu,
abanye kwababemi lapho ba-
thi: "Lo muntu ubiza u-Eli-
ya."[b] **48** Masinyane omunye
kubo wagijima wathatha isipo-
ntshi, wasicwilisa ewayinini eli-
muncu, wasihloma emhlangeni
wayesemphuzisa.[c] **49** Kodwa
bonke abanye bathi: "Myeke-
ni! Ake sibone ukuthi u-Eli-
ya uyeza yini ukuzomsindisa."
**50** UJesu waphinde wameme-
za ngezwi elikhulu, wawudede-
la umoya wakhe.*[d]

**51** Bheka! ikhethini lendlu
engcwele[e] ladabuka[f] laba yizi-
ngxenye ezimbili, kusukela
phezulu kuya phansi,[g] umhla-
ba wazamazama, namadwala
aqhekeka. **52** Amathuna avu-
leka nezidumbu eziningi zaba-
ngcwele ababefile zaphuma
**53** futhi zabonakala kubantu
abaningi, (nabantu ababephu-
ma emathuneni ngemva koku-
vuswa kwakhe, bangena edolo-
bheni elingcwele). **54** Kodwa
lapho isikhulu sebutho nalabo
ababenaso beqaphe uJesu, be-
bona ukuzamazama komhlaba
nezinto ezazenzeka, besaba ka-
khulu bathi: "Ngokuqinisekile
lo ubeyiNdodana kaNkulunku-
lu."[h]

**55** Abesifazane abaningi ba-
bekhona lapho bebukele beku-
de, labo ababekade behambisa-
na noJesu besuka eGalile uku-
ze bamsize;[i] **56** phakathi kwa-
bo kwakunoMariya Magdalena
kanye noMariya unina kaJako-
be noJose nonina wamadoda-
na kaZebedewu.[j]

**57** Manje njengoba kwase
kuntambama kakhulu, kweza
umuntu othile ocebile wase-
Arimatheya, ogama lakhe li-
nguJosefa, naye owayesengu-
mfundi kaJesu.[k] **58** Lo muntu

---

**27:40, 42** * Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **27:45** * Okuwukuthi, ngabo-12:00 emini. **27:45, 46** # Okuwukuthi, ngabo-3:00 ntambama.

**27:50** * Noma, "wayesefa."

---

**ISAHL. 27**

*a* Hu 22:18; Mar 15:24; Luk 23:34; Joh 19:23, 24
*b* Mar 15:26; Luk 23:38; Joh 19:19
*c* Isay 53:12; Mar 15:27; Luk 23:33; Joh 19:18
*d* Luk 18:32; Heb 12:3
*e* Hu 22:7; Hu 109:25
*f* Mat 26:60, 61; Joh 2:19
*g* Mar 15:29-32
*h* Luk 23:35
*i* Joh 1:49; Joh 12:13
*j* Hu 22:8
*k* Mar 14:62; Joh 5:18; Joh 10:36
*l* Luk 23:39
*m* Mar 15:33; Luk 23:44

**Uhla 2**

*a* Hu 22:1; Isay 53:10; Mar 15:34
*b* Mar 15:35, 36
*c* Hu 69:21; Luk 23:36; Joh 19:29
*d* Mar 15:37; Luk 23:46; Joh 19:30
*e* Eks 26:31-33; Heb 9:3
*f* Heb 10:19, 20
*g* Mar 15:38; Luk 23:45
*h* Mar 15:39
*i* Mar 15:40, 41; Luk 8:2, 3
*j* Mat 20:20; Joh 19:25
*k* Mar 15:42, 43; Luk 23:50-53

waya kuPilatu wacela isidumbu
sikaJesu.[a] UPilatu wayala uku-
ba anikwe sona.[b] **59** UJosefa
wasithatha isidumbu, wasiso-
nga ngelineni elihlanzekile, eli-
sezingeni eliphezulu,[c] **60** wa-
sibeka ethuneni lakhe eli-
sha[d] ayeliqophe edwaleni. Nge-
mva kokugingqela itshe elikhu-
lu emnyango wethuna, waha-
mba. **61** Kodwa uMariya Ma-
gdalena nomunye uMariya ba-
qhubeka belapho, behlezi pha-
mbi kwethuna.[e]

**62** Ngosuku olulandelayo,
olwalungemva kokuLungisele-
la,*[f] abapristi abakhulu na-
baFarisi bahlangana ndawonye
phambi kukaPilatu, **63** ba-
thi: “Mnumzane, siyakhumbula
ukuthi lowaya mkhohlisi esa-
phila wathi, ‘Ngemva kwezi-
nsuku ezintathu ngizovuswa.’[g]
**64** Ngakho-ke yala ukuba ithu-
na ligadwe kuze kube usuku
lwesithathu, ukuze abafundi
bakhe bangafiki bamebe[h] bese
bethi kubantu, ‘Uvusiwe kwa-
bafile!’ Bese le nkohliso yoku-
gcina ibe yimbi kakhulu kune-
yokuqala.” **65** UPilatu wathi
kubo: “Ningabathatha abaqa-
phi. Hambani nilivikele ngoku-
bona kwenu.” **66** Ngakho ba-
hamba base belivikela ithuna
ngokulivala ngci ngetshe na-
ngokubeka abaqaphi.

**28** Ngemva kweSabatha,
ekuseni ngovivi ngosu-
ku lokuqala lwesonto, uMari-
ya Magdalena nomunye uMari-
ya bafika bezobona ithuna.[i]

**2** Kwakube nokuzamazama
okukhulu komhlaba, ngoba
ingelosi kaJehova* yayehle
ezulwini yafike yagingqa itshe,
futhi yayihlezi phezu kwa-
lo.[a] **3** Ukubukeka kwayo kwa-
kunjengombani, nezingubo
zayo zimhlophe njengeqhwa.[b]
**4** Ngenxa yokuyesaba, abali-
ndi bathuthumela baba njenga-
bantu abafile.

**5** Kodwa ingelosi yathi kwa-
besifazane: “Ningesabi, ngoba
ngiyazi ukuthi nifuna uJe-
su obulawelwe esigxotsheni.[c]
**6** Akekho lapha, ngoba uvu-
siwe, njengoba asho.[d] Woza-
ni nibone indawo abelele kuyo.
**7** Hambani masinyane nitshe-
le abafundi bakhe ukuthi uvu-
siwe kwabafile, usendleleni eya
eGalile.[e] Nizombona khona.
Bhekani! Nginitshelile.”[f]

**8** Ngakho, basuka ngoku-
shesha ethuneni, besaba fu-
thi bejabule kakhulu, bagi-
jima bayobikela abafundi
bakhe.[g] **9** UJesu wahlangana
nabo wathi: “Sanibona!” Ba-
sondela babamba izinyawo za-
khe bamkhothamela. **10** Kho-
na-ke uJesu wathi kubo: “Ni-
ngesabi! Hambani niyobike-
la abafowethu ukuze bahambe
baye eGalile, bazongibona kho-
na.”

**11** Besesendleleni abesifa-
zane, abanye kubaqaphi[h]
bangena edolobheni babi-
kela abapristi abakhulu ko-
nke okwakwenzekile. **12** Nge-
mva kokuba sebehlangene na-
madoda amadala futhi sebe-
cebisene, banika amasosha
izinhlamvu zesiliva eziningi,
**13** bathi: “Anothi, ‘Abafundi
bakhe bafike ebusuku bameba
sisalele.’[i] **14** Uma lokhu kufi-
ka ezindlebeni zombusi, thi-
na sizomchazela,* akudingeki
nikhathazeke.” **15** Ngakho
azithatha izinhlamvu zesiliva

---

**27:62** *Igama elisho usuku olungapha-mbi kweSabatha lamasonto onke, ngalolu suku amaJuda ayelungiselela iSabatha. **28:2** *Bheka iSithasiselo A5.

**28:14** *NgesiGreki, “sizomthonya.”

---

**ISAHL. 27**
a Dut 21:22, 23
b Mar 15:45-47; Joh 19:38
c Joh 19:40, 41
d Isay 53:9
e Luk 23:55
f Mar 15:42; Luk 23:54; Joh 19:14
g Mat 12:40; Joh 2:19
h Mat 28:12, 13

**ISAHL. 28**
i Mar 16:1; Luk 24:1; Luk 24:10; Joh 20:1

**Uhla 2**
a Mar 16:4, 5; Luk 24:2, 4
b IzE 1:10
c Mar 16:6
d Mat 16:21; Mat 17:22, 23; 1Ko 15:3, 4
e Mat 26:32; Mat 28:16; Mar 14:28
f Mar 16:7
g Mar 16:8; Luk 24:9
h Mat 27:65
i Mat 27:64

enza njengoba eyaliwe, le nda-
ba iye yasakazwa kabanzi pha-
kathi kwamaJuda kuze kube
yilolu suku.
**16** Nokho, abafundi abangu-
11 baya eGalile[a] entabeni la-
pho uJesu ayehlele ukuba ba-
hlangane khona.[b] **17** Lapho
bembona bakhothama, kodwa
abanye bangabaza. **18** UJesu
wasondela wakhuluma nabo,
wathi: “Nginikwe lonke igu-
nya ezulwini nasemhlabeni.[c]
**19** Ngakho-ke hambani niyo-
kwenza abantu bazo zonke izi-
zwe[a] babe abafundi, nibabha-
pathize[b] egameni likaYise ne-
leNdodana nelomoya ongcwele,
**20** nibafundise ukugcina ko-
nke enginiyale ngakho.[c] Bhe-
kani! Nginani zonke izinsuku
kuze kube isiphelo sesimiso se-
zinto.”*[d]

**ISAHL. 28**
*a* Mat 26:32
*b* 1Ko 15:6
*c* Efe 1:20, 21
Flp 2:9

**Uhla 2**
*a* IzE 1:8
Rom 10:18
Rom 11:13
IsA 14:6
*b* IzE 2:38
IzE 8:12
*c* IzE 20:20
1Ko 11:23
2Pe 3:1, 2
1Jo 3:23
*d* Mat 13:39
Mat 13:49
Mat 24:3

**28:20** *Noma, “yisiphelo sesikhathi.” Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

## NGOKUKA-
# MARKU

**UHLU LOKUPHAKATHI**


1 UJohane uMbhapathizi uyashumayela (1-8)
Ubhapathizo lukaJesu (9-11)
UJesu ulingwa uSathane (12, 13)
UJesu uqala ukushumayela eGalile (14, 15)
Kubizwa abafundi bokuqala (16-20)
Kuxoshwa umoya omubi (21-28)
UJesu welapha abaningi eKapernawume (29-34)
Uthandaza endaweni engenabantu (35-39)
Kwelashwa onochoko (40-45)

2 UJesu welapha okhubazekile (1-12)
UJesu ubiza uLevi (13-17)
Umbuzo ngokuzila ukudla (18-22)
UJesu, ‘iNkosi yeSabatha’ (23-28)

3 Kwelashwa umuntu onesandla esishwabene (1-6)
Uquqaba lwabantu ogwini lolwandle (7-12)
Abaphostoli abangu-12 (13-19)
Ukuhlanjalazwa komoya ongcwele (20-30)
Umama kaJesu nabafowabo (31-35)

4 IMIFANEKISO YOMBUSO (1-34)
Umhlwanyeli (1-9)
Okwenza uJesu wasebenzisa imifanekiso (10-12)
Kuchazwa umfanekiso womhlwanyeli (13-20)
Isibani asibekwa phansi kukabhasikidi (21-23)
Isikali enisisebenzisayo (24, 25)
Umhlwanyeli olalayo (26-29)
Uhlamvu lwesinaphi (30-32)
Ukusetshenziswa kwemifanekiso (33, 34)
UJesu uthulisa isiphepho (35-41)

5 UJesu uthumela amademoni ezingulubeni (1-20)
Indodakazi kaJayiru; owesifazane uthinta izingubo zikaJesu zangaphandle (21-43)

6 UJesu akamukelwa endaweni yangakubo (1-6)
Abangu-12 bathola iziyalezo zenkonzo (7-13)
Ukufa kukaJohane uMbhapathizi (14-29)
UJesu wondla abangu-5 000 (30-44)
UJesu uhamba phezu kwamanzi (45-52)
Kwelashwa abantu eGenesaretha (53-56)

7 Kudalulwa amasiko abantu (1-13)
Ukungcola kuvela enhliziyweni (14-23)
Ukholo lowesifazane ongumSirofenike (24-30)
Kwelashwa umuntu oyisithulu (31-37)

8 UJesu wondla abangu-4 000 (1-9)
Bacela isibonakaliso (10-13)
Imvubelo yabaFarisi nekaHerode (14-21)
Kwelashwa impumputhe eBhetsayida (22-26)
UPetru uchaza uKristu (27-30)
Kubikezelwa ukufa kukaJesu (31-33)
Ukuba umfundi weqiniso (34-38)

9 Ukuguqulwa isimo kukaJesu (1-13)
Kwelashwa umfana onamademoni (14-29)
Zonke izinto zingenzeka kumuntu onokholo (23)
Kuphinde kubikezelwa ukufa kukaJesu (30-32)
Abafundi baphikisana ngokuthi ubani omkhulu (33-37)
Noma ubani ongamelene nathi ungakithi (38-41)
Izikhubekiso (42-48)
"Yibani nosawoti kini ngokwenu" (49, 50)

10 Umshado nedivosi (1-12)
UJesu ubusisa abantwana (13-16)
Umbuzo wesicebi (17-25)
Ukuzidela ngenxa yoMbuso (26-31)
Kuphinde kubikezelwa ukufa kukaJesu (32-34)
Isicelo sikaJakobe noJohane (35-45)
UJesu uwumhlatshelo wabaningi (45)
Kwelashwa uBartimewu oyimpumputhe (46-52)

11 UJesu ungena ngokunqoba (1-11)
Isihlahla somkhiwane siyaqalekiswa (12-14)
UJesu uhlanza ithempeli (15-18)
Isifundo esitholakala esihlahleni somkhiwane esibunile (19-26)
Igunya likaJesu libekelwa inselele (27-33)

12 Umfanekiso wabalimi ababulalayo (1-12)
UNkulunkulu noKhesari (13-17)
Umbuzo mayelana novuko (18-27)
Imiyalo emibili emikhulu kunayo yonke (28-34)
Ingabe uKristu uyindodana kaDavide? (35-37a)
Isixwayiso ngababhali (37b-40)
Izinhlamvu zemali ezimbili zomfelokazi ohluphekayo (41-44)

13 ISIPHELO SALELI ZWE (1-37)
Izimpi, ukuzamazama komhlaba, ukuntuleka kokudla (8)
Izindaba ezinhle kumele zishunyayelwe (10)
Usizi olukhulu (19)
Ukuza kweNdodana yomuntu (26)
Umfanekiso wesihlahla somkhiwane (28-31)
Hlalani nilindile (32-37)

14 Abapristi benza iqhinga lokubulala uJesu (1, 2)
UJesu uthelwa ngamafutha anamakha (3-9)
UJuda unikela ngoJesu (10, 11)
IPhasika lokugcina (12-21)
Kusungulwa iSidlo SeNkosi Sakusihlwa (22-26)
Ukuphika kukaPetru uJesu kuyabikezelwa (27-31)
UJesu uthandaza eGetsemane (32-42)
UJesu uyaboshwa (43-52)
Kuqulwa icala phambi kweSanhedrini (53-65)
UPetru uphika uJesu (66-72)

15 UJesu phambi kukaPilatu (1-15)
Wenziwa inhlekisa phambi kwabantu (16-20)
Ubethelwa esigxotsheni eGolgotha (21-32)
Ukufa kukaJesu (33-41)
Ukungcwatshwa kukaJesu (42-47)

16 UJesu uvusiwe (1-8)

**1** Isiqalo sezindaba ezinhle
ngoJesu Kristu, iNdoda-
na kaNkulunkulu: **2** Njengoba
nje kulotshiwe encwadini ka-
Isaya umprofethi: "(Bheka! Ngi-
thuma isithunywa sami nga-
phambi kwakho, esizolungisa
indlela yakho.)[a] **3** Izwi lalowo
omemezayo ehlane ethi: 'Lu-
ngisani indlela kaJehova!* Ye-
nzani izindlela zakhe ziqo-
nde.' "[a] **4** UJohane uMbhapa-
thizi wayesehlane, eshumaye-
la ngokuthi ukubhapathizwa

**ISAHL. 1**

a Mal 3:1
Mat 3:1, 3
Mat 11:10
Luk 3:2-6
Luk 7:27

**Uhla 2**

a Isay 40:3
Joh 1:23

**1:3** * Bheka iSithasiselo A5.

kuwuphawu lokuphenduka
ukuze kuthethelelwe izono.[a]
**5** Yonke indawo yaseJudiya
nabo bonke abahlala eJerusa-
lema babephuma baye kuye,
wayebabhapathiza* eMfuleni
iJordani, bevuma izono zabo
obala.[b] **6** UJohane wayegqo-
ke izingubo ezenziwe ngobo-
ya bekamela nebhande lesikhu-
mba okhalweni,[c] edla izinte-
the noju lwezinyosi zasendle.[d]
**7** Wayeshumayela ethi: "Nge-
mva kwami kuza onamandla
kunami, lowo engingakufanele-
keli ukugoba ngiqaqe ama-
bhande ezimbadada zakhe.[e]
**8** Mina nginibhapathize nga-
manzi, kodwa yena uzonibha-
pathiza ngomoya ongcwele."[f]

**9** Phakathi nalezo zinsuku,
uJesu weza evela eNazaretha la-
seGalile, wabhapathizwa uJoha-
ne eJordani.[g] **10** Ngokushesha
nje lapho ekhuphuka emanzini,
wabona amazulu ehlukana pha-
kathi nomoya wehlela phezu
kwakhe njengejuba.[h] **11** Kwa-
vela izwi emazulwini lithi:
"Wena uyiNdodana yami etha-
ndekayo; ngikwamukele."[i]

**12** Ngemva nje kwalokho
umoya kaNkulunkulu wamqhu-
bela ehlane. **13** Ngakho waye-
lokhu esehlane izinsuku ezi-
ngu-40, elingwa uSathane.[j] Wa-
yekanye nezilwane zasendle,
izingelosi zazimkhonza.[k]

**14** Ngemva kokuboshwa ku-
kaJohane, uJesu waya eGalile,[l]
eshumayela izindaba ezinhle
zikaNkulunkulu,[m] **15** ethi: "Isi-
khathi esimisiwe sesigcwali-
sekile, uMbuso kaNkulunkulu
ususondele. Phendukani,[n] nibe
nokholo ezindabeni ezinhle."

**16** Ngesikhathi egudla uLwa-
ndle LwaseGalile, wabona uSi-
moni nomfowabo u-Andreya[o]
bephonsa amanethi abo olwa-
ndle[a] ngoba babengabadobi.[b]
**17** Ngakho uJesu wathi kubo:
"Ngilandeleni, ngizonenza aba-
dobi babantu."[c] **18** Ngaso leso
sikhathi bashiya amanethi abo
bamlandela.[d] **19** Ngemva ko-
kuqhubekela phambidlana, wa-
bona uJakobe indodana kaZe-
bedewu noJohane umfowabo,
wababona besesikebheni belu-
ngisa amanethi abo,[e] **20** waba-
biza ngaso leso sikhathi. Nga-
kho, bashiya uyise uZebedewu
esikebheni kanye nezisebenzi
zakhe, bamlandela. **21** Baya
eKapernawume.

Kwathi nje lapho kuqala iSa-
batha wangena esinagogeni wa-
qala ukufundisa.[f] **22** Yabakhe-
xisa indlela ayefundisa ngayo,
ngoba wayebafundisa njengo-
muntu onegunya, hhayi njenga-
babhali.[g] **23** Ngawo lowo mzu-
zu kwakukhona umuntu owaye-
namademoni esinagogeni labo,
wamemeza wathi: **24** "Sihla-
ngene ngani nawe Jesu wa-
seNazaretha?[h] Ingabe uzele uku-
zosibhubhisa? Ngazi kahle uku-
thi ungubani, ungoNgcwele ka-
Nkulunkulu!"[i] **25** Kodwa uJe-
su wawukhuza umoya omubi,
wathi: "Thula, uphume kuye!"
**26** Ngemva kokuba umoya omu-
bi udlikizise lo muntu, wame-
meza ngezwi elikhulu waphuma
kuye. **27** Bonke abantu bama-
ngala, baqala ukukhuluma bo-
dwa, bethi: "Kuyini lokhu? Imfu-
ndiso entsha! Unegunya lokuya-
la ngisho nemimoya emibi futhi
iyamlalela." **28** Kungakabiphi,
kwase kukhulunywa ngaye kuso
sonke isifunda saseGalile.

**29** Babe sebesuka esinagoge-
ni baya kubo kaSimoni no-
Andreya behamba noJakobe no-
Johane.[j] **30** Umkhwekazi kaSi-
moni[k] wayelele phansi egula
enomkhuhlane, bamtshela ngo-

ISAHL. 1

a Mat 3:1, 2; IzE 13:24; IzE 19:4
b Mat 3:5, 6
c 2Kh 1:8
d Mat 3:4
e Luk 3:16; Joh 1:26, 27; IzE 13:25
f Jow 2:28; IzE 2:1, 4; IzE 11:16; 1Ko 12:13
g Mat 3:13; Luk 3:21, 22
h Isay 42:1; Mat 3:16; Joh 1:32-34
i Hu 2:7; Mat 3:17; Luk 3:22; 2Pe 1:17
j Mat 4:1-10; Luk 4:1-13
k Mat 4:11
l Mat 4:12
m Luk 4:14, 15; Luk 8:1
n Mat 4:17
o Mat 10:2

Uhla 2

a Luk 5:4
b Mat 4:18
c Mat 4:19, 20
d Mat 19:27; Luk 5:11
e Mat 4:21, 22
f Luk 4:31-37
g Mat 7:28, 29
h Mat 8:28, 29
i Jak 2:19
j Mat 8:14, 15; Luk 4:38, 39
k 1Ko 9:5

**1:5** *Noma, "wayebacwilisa."

kugula kwakhe ngaso leso si-
khathi. **31** Waya kuye, wamba-
mba ngesandla wamphakamisa.
Umkhuhlane wamyeka, waqala
ukubakhonza.

**32** Lapho sekuhwalele, ila-
nga selishonile, abantu ba-
qala ukumlethela bonke aba-
begula nababenamademoni;[a]
**33** lonke idolobha laliqoqane-
le emnyango. **34** Ngakho we-
lapha abaningi ababephethwe
izifo ezihlukahlukene,[b] waxo-
sha amademoni amaningi, ko-
dwa wayengawavumeli amade-
moni ukuba akhulume, ngoba
ayemazi ukuthi unguKristu.*

**35** Ekuseni kakhulu ku-
semnyama, wavuka waphume-
la ngaphandle wahamba waya
endaweni engenabantu, wafike
wathandaza.[c] **36** Kodwa uSi-
moni nalabo ababekanye naye
bamfuna **37** bamthola, bathi
kuye: "Wonke umuntu uyaku-
funa." **38** Kodwa wathi kubo:
"Masiye kwenye indawo, ema-
dolobheni aseduze, ukuze ngi-
shumayele nakhona, ngoba
ngizele lokho."[d] **39** Wahamba,
washumayela emasinagogeni
abo kulo lonke elaseGalile, exo-
sha amademoni.[e]

**40** Kweza onochoko kuye,
wamncenga eguqe ngedolo,
ethi kuye: "Uma nje utha-
nda, ungangenza ngihlanzeke."[f]
**41** Lapho ezwa lokho waba ne-
sihawu, welula isandla sakhe
wamthinta, wathi kuye: "Ngi-
yathanda! Hlanzeka."[g] **42** Ma-
sinyane uchoko lwaphela kuye,
wahlanzeka. **43** Ngemva kwa-
lokho, wamyala ngokuqinile wa-
yesemkhulula ngaso leso sikha-
thi, **44** wathi kuye: "Uqaphele
ukuba ungathi vu kumuntu, ko-
dwa hamba uziveze kumpristi

**1:34** *Noma kungaba, "ukuthi unguba-
ni."

unikele ngezinto uMose ayaleza
ngazo ukuze uhlanzwe,[a] kube
ubufakazi kubo."[b] **45** Kodwa
ngemva kokuba esehambile, lo
muntu waqala ukuyisakaza ka-
banzi le ndaba, kangangoku-
thi uJesu wayengasakwazi uku-
ngena edolobheni ngokukhulu-
lekile, kodwa wahlala ngapha-
ndle ezindaweni ezingenaba-
ntu. Nokho baqhubeka beza
kuye bevela kuzo zonke izinhla-
ngothi.[c]

**2** Ngemva kwezinsuku ezithi-
le waphinde wangena eKa-
pernawume, abantu bezwa uku-
thi ukhona ekhaya.[d] **2** Nga-
kho abantu abaningi babutha-
na kwaze kwaphela indawo, ngi-
sho nangasemnyango, waqala
ukukhuluma nabo.[e] **3** Kwale-
thwa kuye okhubazekile ethwe-
lwe amadoda amane.[f] **4** Ko-
dwa ayengakwazi ukumngenisa
kuJesu ngenxa yesixuku, nga-
kho avula imbobo ophahleni
lwalapho uJesu ayekhona, ehli-
sa uhlaka okwakulele kulo
okhubazekile. **5** Lapho uJesu
ebona ukholo lwawo,[g] wathi ko-
khubazekile: "Mntwana, izono
zakho zithethelelwe."[h] **6** Kwa-
kukhona abanye ababhali la-
pho, behlezi futhi becabanga:*[i]
**7** "Kungani lo muntu ekhulu-
ma kanje? Uyahlambalaza. Uba-
ni ongathethelela izono nga-
phandle koyedwa, uNkulunku-
lu?"[j] **8** Kodwa ngokushesha
uJesu waqonda ngomoya wa-
khe ukuthi yini ababeyicaba-
nga, wathi kubo: "Kungani ni-
cabanga lezi zinto?[k] **9** Yiku-
phi okulula, ukuthi kokhuba-
zekile, 'Izono zakho zithethele-
lwe,' noma ukuthi, 'Vuka utha-
the uhlaka lwakho uhambe'?
**10** Kodwa ukuze nazi ukuthi

**2:6** *NgesiGreki, "bezindla ezinhlizi-
yweni zabo."

**ISAHL. 1**
a Mat 8:16; Luk 4:40, 41
b Isay 53:4
c Mat 14:23; Mar 14:32; Luk 4:42; Heb 5:7
d Isay 61:1; Luk 4:43; Joh 17:4
e Mat 4:23
f Mat 8:1, 2; Luk 5:12
g Mat 8:3; Luk 5:13

**Uhla 2**
a Lev 14:3, 4; Lev 14:10, 11; Dut 24:8
b Mat 8:4; Luk 5:14
c Luk 5:15

**ISAHL. 2**
d Mat 4:13; Mat 9:1
e Isay 61:1; Efe 2:17; Heb 2:3
f Luk 5:18, 19
g IzE 14:9, 10
h Isay 53:11; Mat 9:2; Luk 5:20; Luk 7:47, 48
i Mat 9:3-8; Luk 5:21-26
j Isay 43:25
k Mat 9:4; Luk 6:8; IsA 2:23

iNdodana yomuntu[a] inegunya
lokuthethelela izono emhla-
beni—"[b] wathi kokhubazekile:
**11** "Ngithi kuwe, Vuka, utha-
the uhlaka lwakho, uhambe uye
ekhaya."* **12** Nangempela wa-
vuka, waluthatha masinyane
uhlaka lwakhe waphuma pha-
mbi kwabo bonke. Bonke ba-
mangala, bakhazimulisa uNku-
lunkulu, bethi: "Asikaze siyibo-
ne into enje."[c]

**13** Waphinde waphuma waya
ngasolwandle, sonke isixuku sa-
silokhu siya kuye, wasifundisa.
**14** Njengoba edlula, wabona
uLevi indodana ka-Alfewu ehle-
zi ehhovisi lentela, wathi kuye:
"Yiba umlandeli wami." Nange-
mpela wasukuma wamlande-
la.[d] **15** Kamuva lapho edla*
endlini kaLevi, abaqoqi bente-
la abaningi nezoni babedla# no-
Jesu nabafundi bakhe, ngo-
ba babebaningi ababemlande-
la.[e] **16** Kodwa lapho ababhali
babaFarisi bebona ukuthi wa-
yedla nezoni nabaqoqi bentela,
bathi kubafundi bakhe: "Inga-
be udla nabaqoqi bentela ne-
zoni?" **17** Lapho ezwa lokhu,
uJesu wathi kubo: "Abayimiqe-
mane abamdingi udokotela, ko-
dwa ngabagulayo abamdingayo.
Ngizele ukuzobiza izoni, hhayi
abantu abalungile."[f]

**18** Abafundi bakaJohane
nabaFarisi babezila ukudla.
Ngakho beza bathi kuye: "Ku-
ngani abafundi bakaJohane na-
bafundi babaFarisi bezila uku-
dla kodwa abafundi bakho
bona bengakuzili ukudla?"[g]
**19** UJesu wathi kubo: "Lapho
umkhwenyana[h] esenabo, aba-
ngani bomkhwenyana abanaso
isizathu sokuzila ukudla, aku-
njalo? Uma nje besekanye naye
umkhwenyana, abakwazi uku-
zila ukudla. **20** Kodwa kuyofi-
ka izinsuku lapho umkhwe-
nyana eyosuswa kubo,[a] kho-
na-ke bayokuzila ukudla nga-
lolo suku. **21** Akekho umu-
ntu othungela isichibi sendwa-
ngu entsha engutsheni yanga-
phandle endala. Uma enza
kanjalo, isichibi esisha siya-
yidonsa ingubo endala, idabu-
ke kakhulu.[b] **22** Akekho fu-
thi umuntu ofaka iwayini eli-
sha ezigujini* ezindala zewayi-
ni. Uma enza kanjalo, iwayi-
ni lizoziqhumisa izigubhu, ala-
hlekelwe iwayini kanye nezigu-
bhu. Kodwa iwayini elisha lifa-
kwa ezigujini ezintsha zewayi-
ni."

**23** Njengoba ayedabula
emasimini ngeSabatha, abafu-
ndi bakhe babehamba bekha
izikhwebu.[c] **24** Ngakho aba-
Farisi bathi kuye: "Buka nje!
Kungani abafundi bakho be-
nza okungavunyelwe umthetho
ngeSabatha?" **25** Kodwa wa-
thi kubo: "Anikufundanga yini
lokho uDavide akwenza lapho
eswele, ngesikhathi yena na-
madoda ayenawo belambile?[d]
**26** Endabeni ephathelene no-
Abhiyathara[e] umpristi omkhu-
lu, anifundanga yini ngendle-
la angena ngayo endlini ka-
Nkulunkulu, wadla izinkwa zo-
kubukwa, umthetho ongavu-
meli noma ubani ukuba azi-
dle ngaphandle kwabapristi,[f]
ezinye wazinika amadoda aye-
naye?" **27** Wabe esethi kubo:
"ISabatha laba khona nge-
nxa yomuntu,[g] umuntu akaba-
nga khona ngenxa yeSabatha.
**28** Ngakho iNdodana yomuntu
iyiNkosi ngisho yeSabatha."[h]

---

**2:11** *Noma, "ugoduke." **2:15** *Noma, "ehlezi etafuleni." #Noma, "babehlezi etafuleni."

**2:22** *Lezi zigubhu zazenziwe ngesikhumba.

---

ISAHL. 2
a Dan 7:13
b Isay 53:11
c Mat 9:33; Joh 7:31; Joh 9:32
d Mat 9:9; Luk 5:27, 28
e Mat 9:10, 11; Luk 5:29, 30
f Isay 61:1; Mat 9:12, 13; Luk 5:31, 32; Luk 19:10; 1Ti 1:15
g Mat 9:14, 15; Luk 5:33-35
h Mat 22:2; 2Ko 11:2; IsA 19:7

Uhla 2
a Luk 17:22
b Mat 9:16, 17; Luk 5:36-38
c Mat 12:1-8; Luk 6:1-5
d 1Sa 21:1-6
e 1Sa 22:20
f Eks 25:30; Lev 24:5-9
g Eks 20:9, 10
h Mat 12:8; Luk 6:5

**3** Waphinde wangena esina-
gogeni, kwakukhona umu-
ntu onesandla esishwabene* la-
pho.[a] **2** Ngakho babembukisi-
sa ukuze babone ukuthi uzo-
melapha yini lo muntu ngeSa-
batha, ukuze bambeke icala.
**3** Wathi kulo muntu onesandla
esishwabene:* "Sukuma uze
phakathi nendawo." **4** Wabe
esethi kubo: "Ingabe kungo-
komthetho ukwenza isenzo
esihle noma esibi ngeSaba-
tha, ukusindisa ukuphila noma
ukubulala?"[b] Kodwa bathula.
**5** Ngemva kokubabuka ethu-
kuthele, elusizi kakhulu nge-
nxa yokungazweli kwezinhli-
ziyo zabo,[c] wathi kulo mu-
ntu: "Yelula isandla sakho."
Waselula, isandla sakhe saphi-
la. **6** Bebona lokho, abaFarisi
baphuma, ngokushesha baqala
ukucebisana ngaye benamalu-
ngu eqembu likaHerode[d] ukuze
bambulale.

**7** Kodwa uJesu kanye naba-
fundi bakhe basuka baya olwa-
ndle, walandelwa uququaba lwa-
bantu olwaluvela eGalile nase-
Judiya.[e] **8** Walandelwa ngisho
nawuququaba olukhulu lwaba-
ntu ababevela eJerusalema,
e-Idumiya nangaphesheya kwe-
Jordani, ngasemaphethelwe-
ni eThire neSidoni, beza kuye
lapho bezwa ngezinto aye-
zenza. **9** Watshela abafundi
bakhe ukuba babe nesike-
bhe esincane angasisebenzi-
sa ukuze isixuku singamcinde-
zeli. **10** Ngenxa yokuthi we-
lapha abantu abaningi, bo-
nke ababenezifo ezibucayi ba-
bethi mbo kuye* ukuze bam-
thinte.[f] **11** Ngisho nemimoya
emibi,[g] noma nini lapho imbo-
na, yayiwa phansi phambi kwa-
khe, ikhamuluke, ithi: "Wena
uyiNdodana kaNkulunkulu."[a]
**12** Kodwa wayelokhu ebado-
nsa ngendlebe ukuba banga-
mvezi.[b]

**13** Wanyuka intaba wabiza
labo abafunayo,[c] baya kuye.[d]
**14** Wamisa* iqembu labangu-
12, aliqamba nangokuthi aba-
phostoli, labo ababezohamba
naye, abathume ukuba ba-
yoshumayela **15** futhi babe
nanegunya lokuxosha amade-
moni.[e]

**16** Leli qembu labantu aba-
ngu-12[f] alimisa* kwakunguSimo-
ni, abuye wamqamba ngokuthi
uPetru,[g] **17** uJakobe indodana
kaZebedewu noJohane umfowa-
bo kaJakobe (nalaba wabaqa-
mba ngokuthi Bowanergesi, oku-
sho ukuthi "amaDodana Okudu-
ma"),[h] **18** u-Andreya, uFiliphu,
uBartolomewu, uMathewu, uTo-
mase, uJakobe indodana ka-
Alfewu, uThadewu, uSimoni um-
Khanana* **19** noJuda Iskariyo-
the, lowo kamuva owamkha-
phela.

Ngemva kwalokho wangena
endlini ethile, **20** isixuku sa-
phinde sabuthana, kangango-
kuthi babengasakwazi ngisho
nokudla. **21** Kodwa lapho izi-
hlobo zakhe zizwa ngakho, za-
phuma ukuze ziyombamba,
ngoba zazithi: "Useyahlanya."[i]
**22** Nababhali ababehle beve-
la eJerusalema babethi: "Uno-
Bhelizebhubhe,* uxosha ama-
demoni ngombusi wamade-
moni."[j] **23** Wayesebabiza, wa-
khuluma nabo esebenzisa imi-
fanekiso, wathi: "USathane
angamxosha kanjani uSatha-
ne? **24** Umbuso uyokuwa uma
abantu bawo belwa bodwa;[k]

ISAHL. 3
a Mat 12:9-14; Luk 6:6-11
b Luk 14:1-3
c Joh 12:39, 40
d Mat 22:16; Mar 12:13
e Mat 12:15
f Mat 9:20, 21; Mar 5:27, 28; Mar 6:56
g Mat 8:31

Uhla 2
a Mar 1:23, 24; Mar 5:7; Luk 4:41
b Mat 12:15, 16; Mar 1:25
c Joh 15:16
d Luk 6:12, 13
e Mat 10:1
f Mat 10:2-4; Luk 6:14-16; IzE 1:13
g Joh 1:42
h Luk 9:54
i Joh 7:5
j Mat 9:34; Mat 10:25; Mat 12:24-29; Luk 11:15; Joh 8:48
k Luk 11:17, 18

**3:1, 3** *Noma, "esikhubazekile." **3:10** *Noma, "babegijimela kuye; babemcindezela." **3:14** *Noma, "Wasungula." **3:16** *Noma, "alisungula." **3:18** *Noma, "oshisekayo." **3:22** *Yigama elibhekisela kuSathane.

**25** nendlu ngeke ime uma aba-
ntu bakhona belwa bodwa.
**26** Ngokufanayo, uma uSatha-
ne ezivukela yena uqobo ahlu-
kane phakathi, akanakuma, ko-
dwa leso kuyoba isiphetho
sakhe. **27** Eqinisweni, akekho
ongena endlini yomuntu ona-
mandla ongakwazi ukweba izi-
nto zakhe ngaphandle kokuba
aqale abophe lowo muntu ona-
mandla. Khona-ke uyobe ese-
phanga indlu yakhe. **28** Ngi-
qinisile ngithi kini amadodana
abantu ayothethelelwa zonke
izinto, kungakhathaliseki uku-
thi iziphi izono azenzayo nama-
hlazo awakhulumayo. **29** Ko-
dwa noma ubani ohlambalaza
umoya ongcwele ngeke athe-
thelelwe kuze kube phaka-
de,[a] kodwa unecala lesono
saphakade."[b] **30** Lokhu waku-
sho ngenxa yokuthi babethi:
"Unomoya omubi."[c]

**31** Kwabe sekuza unina na-
bafowabo,[d] bemi ngaphandle,
bathumela othile ukuba ayo-
mbiza.[e] **32** Njengoba ayezu-
ngezwe isixuku, sathi kuye:
"Unyoko nabafowenu banga-
phandle bayakubiza."[f] **33** Ko-
dwa wabaphendula wathi:
"Ubani ongumama nabafowe-
thu?" **34** Wabe esebuka labo
ababehlezi bemzungezile, wa-
thi: "Naba omama nabafowe-
thu![g] **35** Noma ubani owenza
intando kaNkulunkulu, lowo
ungumfowethu nodadewethu
nomama."[h]

**4** Waphinde wafundisa ecele-
ni kolwandle, isixuku esi-
khulu sabuthana eduze kwa-
khe. Ngakho wagibela esike-
bheni wahlala kuso kude nogu,
kodwa sonke isixuku sasise-
celeni kolwandle, ngasogwini.[i]
**2** Wasifundisa izinto eziningi
esebenzisa imifanekiso,[j] ngesi-
khathi esifundisa, wathi kuso:[k]
**3** "Lalelani. Bhekani! Kwaphu-
ma umhlwanyeli eyohlwanye-
la.[a] **4** Njengoba ehlwanyela,
enye imbewu yawela eceleni
kwendlela, kwafika izinyoni za-
yidla zayiqeda. **5** Enye yawe-
la endaweni enamadwala eyayi-
ngenayo inhlabathi eningi, ya-
mila ngokushesha ngenxa yo-
kuthi inhlabathi yayingajulile.[b]
**6** Kodwa lapho ilanga liphuma,
yahanguka yabuna ngoba yayi-
ngenampande. **7** Enye imbe-
wu yawela phakathi kwame-
va, ameva akhula ayiminyani-
sa, ayizange ithele.[c] **8** Kodwa
enye yawela enhlabathini eka-
hle, njengoba ikhula futhi ya-
nda, yaqala ukuthela, enye
ithela izikhathi ezingu-30, enye
ezingu-60, enye ezingu-100."[d]
**9** Wanezela wathi: "Onezindle-
be zokulalela makalalele."[e]

**10** Lapho eseyedwa, labo
ababemzungezile kanye na-
bayiShumi Nambili* baqala
ukumbuza ngale mifanekiso.[f]
**11** Wathi kubo: "Nina nini-
kwe imfihlo engcwele[g] yoMbu-
so kaNkulunkulu, kodwa ku-
labo abangaphandle zonke izi-
nto zifundiswa ngemifanekiso,[h]
**12** ukuze kuthi nakuba bebhe-
kile, babheke kodwa bangabo-
ni, nakuba bezwa, bezwe ko-
dwa bangawutholi umqondo
wako; futhi bangabuyeli ku-
Nkulunkulu bathole intethele-
lo."[i] **13** Ngaphezu kwalokho,
wathi kubo: "Aniwazi lo mfane-
kiso, pho nizoyiqonda kanjani
yonke eminye imifanekiso?

**14** "Umhlwanyeli uhlwanye-
la izwi.[j] **15** Laba-ke, yilabo
abaseceleni kwendlela lapho
izwi lihlwanyelwe khona; ko-
dwa ngokushesha nje lapho se-
belizwile, uSathane uyafi-
ka[k] athathe izwi elihlwanyelwe

**4:10** *Okuwukuthi, abaphostoli aba-
ngu-12.

ISAHL. 3
a Mat 12:31, 32; Luk 12:10
b Heb 6:4, 6; Heb 10:26
c Joh 7:20; Joh 10:20
d Mat 13:55; Joh 2:12; IzE 1:14
e Mat 12:46-50; Luk 8:19-21
f Mar 6:3
g Mat 12:49; Heb 2:11
h Mat 12:50; Luk 8:21; Joh 15:14

ISAHL. 4
i Mat 13:1, 2; Luk 8:4
j Mat 13:34
k Mat 13:3-9; Luk 8:5-8

Uhla 2
a Mar 4:14
b Mar 4:16, 17
c Mar 4:18, 19
d Mar 4:20
e IzA 1:5; Mat 11:15; Luk 8:8
f Mat 13:10; Luk 8:9
g Efe 1:9, 10; Kol 1:26, 27
h Mat 13:11; Luk 8:10
i Isay 6:9, 10; Mat 13:13, 14; Joh 12:40; IzE 28:26
j Mat 13:18; Luk 8:11; 1Pe 1:25
k 1Pe 5:8

kubo.[a] **16** Ngokufanayo, laba
yilabo abahlwanyelwe endawe-
ni enamadwala; ngokushesha
nje lapho bezwa izwi, balamu-
kela ngenjabulo.[b] **17** Nokho
abanampande, kodwa bayaqhu-
beka isikhathi esithile; ngoku-
shesha lapho usizi noma uku-
shushiswa kuvela ngenxa ye-
zwi, bayakhubeka. **18** Kukho-
na abanye futhi abahlwanye-
lwe phakathi kwameva. Laba
yilabo abaye balizwa izwi,[c]
**19** kodwa izinkathazo[d] zoku-
phila* namandla engcebo
akhohlisayo[#e] nezifiso[f] zazo zo-
nke ezinye izinto kuyangena
kuliminyanise izwi, lingatheli.
**20** Ekugcineni, labo ababe-
hlwanyelwe enhlabathini eka-
hle yilabo abalilalelayo izwi ba-
lamukele ngomusa futhi bathe-
le izithelo—izikhathi ezingu-30,
ezingu-60 nezingu-100."[g]

**21** Waphinde wathi kubo:
"Isibani asilethelwa ukube-
kwa ngaphansi kukabhasiki-
di* noma ngaphansi kombhe-
de, akunjalo? Asilethelwanga
yini ukubekwa othini lwe-
sibani?[h] **22** Ngoba akukho lu-
tho olufihliwe olungeke luvele;
akukho lutho olufihlwe ngoku-
cophelela olungeke luvele oba-
la.[i] **23** Noma ubani onezindle-
be zokulalela, makalalele."[j]

**24** Waqhubeka wathi kubo:
"Kunakeni lokho enikuzwa-
yo.[k] Isikali enisisebenzisa kwa-
banye, kuyosetshenziswa sona
nakini, futhi niyonikwa oku-
ningi. **25** Ngoba noma ubani
onokuthile uyonikwa okwenge-
ziwe;[l] kodwa lowo ongenalu-
tho, ngisho nalokho anakho ku-
yothathwa kuye."[m]

**26** Waqhubeka wathi: "Nga-
le ndlela uMbuso kaNkulu-
nkulu ufana nomuntu opho-
nsa imbewu emhlabathini.
**27** Uyalala ebusuku avuke eku-
seni, imbewu iyahluma ikhule
ibe yinde—ukuthi kanjani akazi.
**28** Umhlabathi uzithelela ngo-
kwawo isithelo kancane kanca-
ne, kuqala isiqu, bese kuba isi-
hloko, ekugcineni kube izinhla-
mvu ezigcwele esihlokweni.
**29** Kodwa ngokushesha nje la-
pho isithelo sesivuthiwe, ufaka
isikela, ngoba isikhathi sokuvu-
na sesifikile."

**30** Waqhubeka wathi: "Si-
ngawufanisa nani uMbuso ka-
Nkulunkulu, noma, singa-
wuchaza ngamuphi umfaneki-
so? **31** Unjengohlamvu lwesi-
naphi, olwaluyimbewu encane
kunazo zonke emhlabeni ngesi-
khathi luhlwanyelwa emhlaba-
thini.[a] **32** Kodwa lapho selu-
hlwanyelwe, luyakhula lube lu-
khulu kunazo zonke ezinye izi-
hlahla, lukhiphe amagatsha
amakhulu ukuze izinyoni zezu-
lu zikwazi ukuthola indawo yo-
kuhlala ngaphansi komthunzi
walo."

**33** Wayebafundisa izwi li-
kaNkulunkulu ngemifaneki-
so[b] eminingi yalolo hlobo, uma
nje besakwazi ukuqonda.
**34** Ngempela, wayengakhulu-
mi nabo ngaphandle komfane-
kiso, kodwa ngasese wayeba-
chazela yonke into abafundi
bakhe.[c]

**35** Ngalolo suku sekuhwa-
lele, wathi kubo: "Masiwele-
le ogwini olungaphesheya."[d]
**36** Ngakho, ngemva kokuba
sebesihambisile isixuku, bam-
thatha ngesikebhe, njengoba
ayekuso, futhi kwakukhona ne-
zinye izikebhe ezahambisana
naye.[e] **37** Kwabe sekuba nesi-
phepho esikhulu esinamandla,

---

**4:19** *Noma, "zalesi simiso sezinto; zale nkathi." Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. #Noma, "nengcebo ekhohlisa abaningi." **4:21** *Noma, "kukabhasikidi wokukala."

---

ISAHL. 4

*a* Mat 13:19 Luk 8:12
*b* Mat 13:20, 21 Luk 8:13
*c* Mat 13:22 Luk 8:14
*d* Mat 6:25 Mat 24:38, 39
*e* IzA 23:4, 5 Mar 10:23 Luk 18:24 1Ti 6:9 2Ti 4:10
*f* 1Jo 2:16
*g* Mat 13:23 Luk 8:15
*h* Mat 5:15 Luk 8:16, 17 Luk 11:33
*i* Mat 10:26 Luk 12:2
*j* IzA 1:5 Mat 11:15 IsA 2:7
*k* Luk 8:18 Jak 1:25
*l* Mat 25:23
*m* Mat 13:12 Luk 8:18 Luk 19:26

Uhla 2

*a* Mat 13:31, 32 Luk 13:18, 19
*b* Hu 78:2
*c* Mat 13:11 Mat 13:34, 35 Mar 4:11
*d* Mat 8:18
*e* Mat 8:23 Luk 8:22

amagagasi ayelokhu ejikije-
leka esikebheni, kangangoku-
ba kwase kusele kancane uku-
ba isikebhe sigcwale amanzi.[a]
**38** Kodwa yena wayengemuva
esikebheni, elele.* Ngakho ba-
mvusa bathi kuye: "Mfundisi,
awunandaba yini nokuthi siya-
fa?" **39** Ngemva kwalokho wa-
vuka wawukhuza umoya, wathi
kulo ulwandle: "Shh! Thula!"[b]
Umoya wanqamuka, kwaba no-
kuzola okukhulu. **40** Ngakho
wathi kubo: "Kungani nesaba
kangaka? Anikabi nalo ukho-
lo namanje?" **41** Kodwa bafi-
kelwa ukwesaba okungajwaye-
lekile, bakhuluma bodwa bethi:
"Ungubani ngempela lo muntu?
Ngisho nomoya nolwandle ku-
yamlalela."[c]

**5** Ngemva kwalokho bafika
ngaphesheya kolwandle esi-
fundeni samaGerasa.[d] **2** Masi-
nyane ngemva kokuba uJesu
ephumile esikebheni, wahlanga-
na nomuntu owayenamademoni
evela emathuneni. **3** Wayehla-
la emathuneni, futhi kuze kube
yileso sikhathi akekho nhlobo
umuntu owayekwazi ukumgci-
na eboshiwe ngisho nangeketa-
nga. **4** Wayevame ukuboshwa
ngezibopho namaketanga, ko-
dwa wayewagqashula amaketa-
nga anqamule nezibopho; ake-
kho owayenamandla okumehlu-
la. **5** Njalo ebusuku nasemi-
ni wayememeza emathuneni na-
sezintabeni futhi ezisika nga-
matshe. **6** Kodwa lapho ebo-
na uJesu esekude, wagijima wa-
khothama kuye.[e] **7** Wabe ese-
memeza ngezwi elikhulu, wathi:
"Ngihlangene ngani nawe Jesu,
Ndodana kaNkulunkulu oPhe-
zukonke? Ngicela ukuba ufu-
nge igama likaNkulunkulu uku-
thi ngeke ungihluphe."[f] **8** Ngo-
ba uJesu wayekade elitshela
ethi: "Phuma kulo muntu wena
demoni."[a] **9** UJesu wambuza
wathi: "Ungubani igama lakho?"
Yena wathi: "Igama lami ngi-
nguLegiyona ngoba sibaningi."
**10** Wayelokhu encenga uJesu
ukuba angayixoshi le mimoya
kulelo zwe.[b]

**11** Kwakunomhlambi om-
khulu wezingulube[c] owawukla-
be entabeni.[d] **12** Ngakho imi-
moya yamncenga yathi: "Si-
thumele ezingulubeni ukuze
singene kuzo." **13** Wayivume-
la. Ngemva kwalokho imimo-
ya engcolile yaphuma yange-
na ezingulubeni, umhlambi wa-
khalakathela eweni wangena
olwandle, umhlambi wezingu-
lube ezingaba ngu-2 000 wa-
minza olwandle. **14** Abelusi
bazo babaleka bayobika edo-
lobheni nasemaphandleni, aba-
ntu beza bezobona ukuthi
kwakwenzekeni.[e] **15** Beza ku-
Jesu, bambona umuntu ona-
mademoni, yena lo owayeka-
de enelegiyona, ehlezi egqo-
kile nengqondo yakhe iphilile,
bafikelwa ukwesaba. **16** Labo
ababekubonile lokho babaxo-
xela indlela lokhu okwakwe-
nzeke ngayo kulo muntu ona-
mademoni nasezingulubeni.
**17** Ngakho baqala ukuncenga
uJesu ukuba ahambe esifunde-
ni sakubo.[f]

**18** Njengoba egibela esike-
bheni, umuntu owayekade ena-
mademoni wamncenga uku-
ba ahambe naye.[g] **19** Nokho,
akamvumelanga, kodwa wa-
thi kuye: "Hamba uye ekha-
ya ezihlotsheni zakho, uzibi-
kele konke uJehova* akwe-
nzele kona nesihe akubonise
sona." **20** Wahamba wameme-

ISAHL. 4
a Mat 8:24-27, Luk 8:23-25
b Hu 89:9
c Joh 6:19

ISAHL. 5
d Mat 8:28, Luk 8:26, 27
e Luk 8:28-30
f Mat 8:29, Jak 2:19

Uhla 2
a IzE 16:17, 18
b Luk 8:31
c Lev 11:7, 8, Dut 14:8
d Mat 8:30-33, Luk 8:32-34
e Luk 8:35-37
f Mat 8:34
g Luk 8:38, 39

**4:38** *Noma, "elele emqamelweni."

**5:19** *Bheka iSithasiselo A5.

zela eDekapholi* konke uJesu
ayemenzele kona, bonke aba-
ntu bamangala.

**21** Ngemva kokuba uJesu
esephinde wawelela ogwini
olungaphesheya ngesikebhe,
isixuku esikhulu saqoqane-
la kuye, eseceleni kolwandle.[a]
**22** Esinye sezikhulu ezenga-
mele zesinagoge, esigama laso
uJayiru, seza, kwathi lapho si-
mbona, sawela ezinyaweni za-
khe.[b] **23** Samncenga kaningi,
sithi: "Indodakazi yami enca-
ne igulela ukufa.* Ngicela uze
uyibeke izandla[c] ukuze ilulame
iphile." **24** UJesu wabe ese-
hamba naso, isixuku esikhulu
sasimlandela simxinile.

**25** Kwakukhona owesifaza-
ne owayeseneminyaka engu-12[d]
enomopho.[e] **26** Wayezwe izi-
nhlungu ezinkulu* ngesikha-
thi odokotela abaningi beme-
lapha futhi wayesekusebenzise
konke ayenakho kodwa akaba-
nga ngcono, kunalokho wagu-
la nakakhulu. **27** Lapho ezwa
imibiko emayelana noJesu,
weza ngemva kwakhe esixu-
kwini wathinta ingubo yakhe
yangaphandle,[f] **28** ngoba wa-
yelokhu ethi: "Uma nje ngi-
ngathinta izingubo zakhe
zangaphandle, ngizokwelaphe-
ka."[g] **29** Ngaso leso sikhathi
umopho wakhe wanqamuka,
wezwa emzimbeni wakhe uku-
thi uphulukisiwe ekuguleni
kwakhe okubi.

**30** Ngokushesha uJesu we-
zwa ukuthi amandla[h] ayephu-
mile kuye, waphendukela esi-
xukwini wabuza: "Ubani othi-
nte izingubo zami zangapha-
ndle?"[i] **31** Kodwa abafundi
bakhe bathi kuye: "Uyasibo-
na isixuku ukuthi siyakucinde-
zela, kodwa uthi, 'Ubani ongi-
thintile?'" **32** Nokho, wayeqa-
laza ukuze abone ukuthi uba-
ni owayenze lokhu. **33** Owesi-
fazane, ethukile futhi ethu-
thumela, azi ukuthi kwakwe-
nzekeni kuye, weza wawa pha-
nsi phambi kwakhe wamtshe-
la lonke iqiniso. **34** UJesu wa-
thi kuye: "Ndodakazi, ukho-
lo lwakho lukuphilisile. Hamba
ngokuthula,[a] ululame ekugule-
ni kwakho okubi."[b]

**35** Esakhuluma, kweza ama-
doda athile evela emzini wesi-
khulu esengamele sesinagoge,
athi: "Indodakazi yakho isho-
nile! Usamhluphelani uMfu-
ndisi?"[c] **36** Kodwa uJesu wa-
kuzwa ababekusho, wayese-
thi esikhulwini esengamele se-
sinagoge: "Ungesabi,* kuphela
yiba nokholo."[d] **37** Akavume-
langa muntu ukuba amlandele
ngaphandle kukaPetru, uJako-
be noJohane umfowabo kaJa-
kobe.[e]

**38** Bafika endlini yesikhu-
lu esengamele sesinagoge, wa-
bona isiphithiphithi nalabo
abakhalayo bekhihla isililo.[f]
**39** Lapho esengenile, wathi
kubo: "Nikhalelani futhi ku-
ngani nibanga isiphithiphithi?
Ingane ayifile, ilele."[g] **40** Bam-
hleka usulu. Kodwa lapho ese-
bakhiphele ngaphandle bonke,
wathatha uyise nonina wenga-
ne nalabo ababekanye naye,
wangena lapho kwakunengane
khona. **41** Wabamba isandla
sengane, wathi kuyo: *"Tha-
litha khumi,"* uma kuhunyu-
shwa okusho ukuthi: "Nto-
mbazane, ngithi kuwe, vuka!"[h]
**42** Ngokushesha intombazane
yavuka yahamba. (Yayinemi-
nyaka engu-12 ubudala.) Ngaso

---

5:20 *Noma, "eSifundeni Samadolobha Ayishumi." 5:23 *Noma, "isizofa." 5:26 *Noma, "Ziningi izinhlungu aba nazo."

5:36 *Noma, "Yeka ukwesaba."

---

ISAHL. 5
a Luk 8:40
b Mat 9:18; Luk 8:41, 42
c Luk 4:40
d Mat 9:20-22; Luk 8:43, 44
e Lev 15:25
f Mat 14:36; Mar 6:56
g Mat 9:21
h Luk 5:17; Luk 6:19
i Luk 8:45-48

Uhla 2
a Luk 7:50; Luk 8:48
b Mat 9:22
c Luk 8:49
d Luk 8:50; Joh 11:39, 40
e Mat 17:1; Mat 26:36, 37
f Mat 9:23-26; Luk 8:51-56
g Luk 8:52; Joh 11:11
h Mat 9:25; Luk 7:14; Luk 8:54; IzE 9:40

leso sikhathi bagajwa injabu-
lo enkulu. **43** Kodwa wabaya-
la ngokuphindaphindiwe* uku-
ba bangatsheli muntu ngalo-
khu,[a] wathi kufanele inikwe
okuthile ezokudla.

**6** Wasuka lapho waya enda-
weni yangakubo,[b] abafu-
ndi bakhe bamlandela. **2** Nge-
Sabatha, wafundisa esinagoge-
ni, abaningi kulabo ababemla-
lele bakhexa bathi: "Lo mu-
ntu uzithathephi lezi zinto?[c]
Kungani enikwe lokhu ku-
hlakanipha futhi enza imise-
benzi yamandla enje ngeza-
ndla zakhe?[d] **3** Lona umbazi,[e]
indodana kaMariya,[f] abafowa-
bo uJakobe,[g] uJosefa, uJuda
noSimoni,[h] akunjalo? Odade-
wabo bakanye nathi lapha,
akunjalo?" Ngakho bakhube-
ka ngenxa yakhe. **4** Kodwa
uJesu wathi kubo: "Umprofe-
thi uyahlonishwa, kodwa hhayi
endaweni yakubo naphakathi
kwezihlobo zakhe nasendlini
yakubo."[i] **5** Ngakho awukho
umsebenzi wamandla akwazi
ukuwenza lapho ngaphandle
kokubeka izandla abantu aba-
mbalwa abagulayo abelaphe.
**6** Impela, wamangala ngoku-
ntula kwabo ukholo. Wahamba-
hamba ezigodini ejikeleza, efu-
ndisa.[j]

**7** Manje wabiza abayiShumi
Nambili,* wabathuma ngababi-
li,[k] wabanika igunya phezu
kwemimoya emibi.[l] **8** Waba-
yala nokuba bangaphathi lutho
lohambo ngaphandle kwendu-
ku—bangaphathi sinkwa, ba-
ngaphathi sikhwama sokudla,
bangaphathi mali*[m]— **9** ko-
dwa ukuba bagqoke izimbada-
da, bangagqoki izingubo ezi-
mbili.* **10** Waqhubeka wathi
kubo: "Nomaphi lapho ningena
emzini womuntu, hlalani kho-
na nize nihambe kuleyo nda-
wo.[a] **11** Nomaphi lapho be-
nganamukeli khona noma be-
nganilaleli, anothi lapho niphu-
ma khona, nithintithe inhlaba-
thi esezinyaweni zenu uku-
ze kube ubufakazi kubo."[b]
**12** Babe sebesuka bashumaye-
la bathi abantu kufanele ba-
phenduke,[c] **13** baxosha ama-
demoni amaningi,[d] bagco-
ba abantu abaningi abagulayo
ngamafutha, babelapha.

**14** Manje iNkosi uHerode
yezwa ngalokhu, ngoba iga-
ma likaJesu laziwa kakhulu, fu-
thi abantu babethi: "UJohane
uMbhapathizi uvusiwe kwa-
bafile, yingakho enza imise-
benzi yamandla."[e] **15** Kodwa
abanye babethi: "Ngu-Eliya."
Kanti abanye babethi: "Umpro-
fethi njengomunye wabaprofe-
thi bakudala."[f] **16** Kodwa la-
pho uHerode ekuzwa lokho,
wathi: "UJohane engamnquma
ikhanda, nguye lo ovusiwe."
**17** Ngoba uHerode ngokwa-
khe wayethumele ukuba kuba-
njwe uJohane aboshwe, wamfa-
ka etilongweni ngenxa ka-
Herodiya, umkaFiliphu umfo-
wabo, ngoba wayeshade naye.[g]
**18** Ngoba uJohane wayelokhu
ethi kuHerode: "Kuwukwephu-
la umthetho ukuthatha umka-
mfowenu."[h] **19** Ngakho uHe-
rodiya wayembambele igqubu
futhi efuna ukumbulala, kodwa
engakwazi. **20** Ngoba uHero-
de wayemesaba uJohane, ema-
zi ukuthi ungumuntu olungile
nongcwele,[i] ngakho wayemgci-
ne ephephile. Njalo lapho emla-
lele, wayengazi ukuthi kumele
enzeni ngaye, nokho wayeku-
thokozela ukumlalela.

---

**5:43** *Noma, "ngokuqinile." **6:7** *Okuwukuthi, abaphostoli abangu-12. **6:8** *NgesiGreki, "thusi."

**6:9** *Noma, "enye ingubo."

---

ISAHL. 5
*a* Mar 1:42-44; Mar 7:35, 36

ISAHL. 6
*b* Luk 4:16
*c* Joh 6:42; Joh 7:15
*d* Mat 13:54-58
*e* Isay 53:2
*f* Joh 6:42
*g* Gal 1:19
*h* Mar 3:31
*i* Mat 13:57; Luk 4:24; Joh 4:44
*j* Mat 9:35; Luk 13:22
*k* Luk 10:1
*l* Mat 10:1; Luk 9:1-6
*m* Mat 10:9, 10

Uhla 2
*a* Mat 10:11
*b* Mat 10:14; Luk 10:10, 11; IzE 13:50, 51
*c* IzE 2:38; IzE 3:19
*d* Luk 10:17
*e* Mat 14:1-5; Luk 9:7-9
*f* Mat 16:14; Mar 8:28
*g* Luk 3:19, 20
*h* Lev 18:16; Lev 20:21
*i* Mat 11:11; Mat 21:26

**21** Kodwa usuku olukahle
lwafika lapho uHerode aye-
nzele amadoda ayizikhulu za-
khe nabalawuli bamabutho na-
madoda avelele aseGalile[a] isi-
dlo sakusihlwa ngosuku lwa-
khe lokuzalwa.[b] **22** Indodaka-
zi kaHerodiya yangena yada-
nsa yamjabulisa uHerode nala-
bo ababedla* naye. Inkosi ya-
thi entombazaneni: "Cela kimi
noma yini oyifunayo, ngizoku-
nika yona." **23** Ngempela ya-
funga kuyo yathi: "Noma yini
oyicelayo kimi, ngizokunika
yona, ngingaze ngikunike ngi-
sho nohhafu wombuso wami."
**24** Ngakho yaphuma yathi ku-
nina: "Ngiceleni?" Wathi: "Ikha-
nda likaJohane uMbhapathizi."
**25** Masinyane yangena ishesha
enkosini yacela, yathi: "Ngi-
funa unginike khona manje
ngoqwembe ikhanda likaJoha-
ne uMbhapathizi."[c] **26** Naku-
ba lokhu kwayizwisa ubuhlu-
ngu obukhulu, inkosi yayinga-
funi ukungasinaki isicelo sayo,
ngenxa yezifungo zayo nezime-
nywa zayo.* **27** Ngakho inko-
si yathumela masinyane unoga-
da, yamyala ukuba alethe ikha-
nda likaJohane. Ngakho, waha-
mba wamnquma ikhanda etilo-
ngweni, **28** waletha ikhanda
lakhe ngoqwembe. Walinika
intombazane, intombazane ya-
linika unina. **29** Lapho abafu-
ndi bakhe bezwa ngakho, beza
bathatha isidumbu sakhe basi-
ngcwaba ethuneni.

**30** Abaphostoli beza kuJe-
su, bambikela zonke izinto aba-
bezenzile nababezifundisile.[d]
**31** Wathi kubo: "Wozani nina
nodwa ngasese endaweni enge-
nabantu, niphumule kanca-
ne."[e] Ngoba babebaningi aba-
befika behamba, babengena-
so ngisho nesikhathi esikhulu-
lekile sokudla. **32** Ngakho ba-
hamba ngesikebhe baya enda-
weni engenabantu ukuze babe
bodwa.[a] **33** Kodwa abantu ba-
babona behamba futhi abani-
ngi bakwazi lokho, bonke ba-
gijima ngezinyawo bevela kuwo
wonke amadolobha baya lapho,
bafika kuqala kunabo. **34** No-
kho, lapho ehla wabona isi-
xuku esikhulu, waba nesiha-
wu ngaso[b] ngoba sasinjengezi-
mvu ezingenamalusi.[c] Wasifu-
ndisa izinto eziningi.[d]

**35** Manje isikhathi sase si-
hambile, abafundi bakhe beza
kuye bathi: "Le ndawo ayi-
nabantu, nesikhathi sesiha-
mbile.[e] **36** Batshele bahambe
ukuze baye emaphandleni na-
semizini eseduze bazithenge-
le okudliwayo."[f] **37** Wabaphe-
ndula wathi: "Banikeni nina
ukudla." Bathi kuye: "Sihambe
yini siyothenga izinkwa zode-
nariyu* abangu-200 sizinike
abantu ukuze badle?"[g] **38** Wa-
thi kubo: "Zingaki izinkwa
eninazo? Hambani niyobhe-
ka!" Ngemva kokubheka, bathi:
"Zinhlanu, kukhona nezinhla-
nzi ezimbili."[h] **39** Wayala bo-
nke abantu ukuba bahlale nga-
maqembu otshanini obuluhla-
za.[i] **40** Ngakho bahlala nga-
maqembu abangu-100 nawa-
bangu-50. **41** Ethatha lezo zi-
nkwa ezinhlanu nezinhlanzi
ezimbili, wabheka phezulu ezu-
lwini wathandaza.*[j] Wabe ese-
hlephula izinkwa wazinika aba-
fundi bakhe ukuze bona ba-
zinike abantu, wabahlukani-
sela bonke izinhlanzi ezimbi-
li. **42** Ngakho bonke badla ba-
sutha, **43** baqoqa okwakusele
kwagcwala obhasikidi abangu-
12, ngaphandle kwezinhlanzi.[k]

ISAHL. 6

*a* Mat 14:6-12
*b* Gen 40:20-22
*c* Mat 14:8
*d* Luk 9:10
*e* Mat 11:29
Mat 14:13

**Uhla 2**

*a* Joh 6:1, 2
*b* Mat 14:14
Heb 4:15
*c* 1Kh 22:17
Isay 53:6
Hez 34:5, 8
Mat 9:36
*d* Isay 61:1
Luk 9:11
*e* Mat 14:15-21
Luk 9:12-17
*f* Joh 6:5
*g* 2Kh 4:42-44
Mat 15:33
Joh 6:7
*h* Joh 6:9
*i* Joh 6:10-13
*j* Mar 8:6
Luk 24:30
IzE 27:35
*k* Mat 14:20
Luk 9:17
Joh 6:13

**6:22** *Noma, "ababehlezi etafuleni."
**6:26** *Noma, "nababehlezi etafuleni."
**6:37** *Bheka iSithasiselo B14. **6:41** *Noma, "washo isibusiso."

**44** Labo abadla izinkwa kwa-
kungamadoda angu-5 000.

**45** Ngaphandle kokulibala,
watshela abafundi bakhe uku-
ba bagibele isikebhe bahambe
kuqala baye ogwini olungaphe-
sheya ngaseBhetsayida, ngesi-
khathi yena ehambisa isixu-
ku.[a] **46** Kodwa ngemva koku-
sivalelisa, wahamba waya enta-
beni eyothandaza.[b] **47** Lapho
sekuhwalele, isikebhe sasipha-
kathi nolwandle, kodwa yena
wayeyedwa ngaphandle kolwa-
ndle.[c] **48** Lapho ebabona be-
gwedla kanzima, ngoba babe-
phambana nomoya, weza nga-
kubo cishe ngomlindo wesi-
ne wobusuku,* ehamba phe-
zu kolwandle; kodwa kwaku-
bonakala sengathi uzobadlula.#
**49** Lapho bembona ehamba
phezu kolwandle, bacabanga:
"Umbono!" Babe sebememeza.
**50** Ngoba bonke bambona fu-
thi bakhathazeka. Kodwa masi-
nyane wakhuluma nabo, wa-
thi: "Yibani nesibindi! Yimi-
na; ningesabi."[d] **51** Wagibela
esikebheni kanye nabo, umo-
ya wanqamuka. Bamangala ka-
khulu **52** ngoba babengayiqo-
ndanga incazelo yesimangaliso
sezinkwa, kunalokho izinhlizi-
yo zabo zazingaqondi.

**53** Lapho sebewelele nga-
phesheya ezweni, bafika eGe-
nesaretha, bamisa isikebhe
ngehange eduze.[e] **54** Kodwa
ngokushesha nje lapho behla
esikebheni, abantu bambona.
**55** Bagijima sonke leso sifu-
nda, baletha ngezinhlaka labo
ababegula, babayisa lapho ba-
bezwe ukuthi ukhona. **56** No-
maphi lapho ayengena khona
ezigodini noma emadolobheni
noma emaphandleni, babebe-
ka abagulayo ezigcawini, bem-
ncenga ukuba okungenani ba-
thinte insephe yengubo yakhe
yangaphandle.[a] Bonke abayi-
thinta basinda.

**7** AbaFarisi nabanye baba-
bhali ababevela eJerusa-
lema bamzungeza.[b] **2** Babona
abanye kubafundi bakhe be-
dla ukudla kwabo ngezandla
ezingcolile, okuwukuthi ezi-
ngageziwe.* **3** (Ngoba abaFa-
risi nawo wonke amaJuda
abadli bengazigezanga izandla
kuze kufike endololwaneni, ba-
bambelela esikweni lamado-
da asendulo, **4** futhi lapho
bebuya emakethe, abadli be-
ngagezanga. Maningi namanye
amasiko adluliselwe kubo aba-
bambelele kuwo, njengokucwi-
lisa emanzini* izinkomishi, oje-
ke bamanzi nezitsha zethu-
si.)[c] **5** Ngakho laba baFarisi
nababhali bambuza: "Kungani
abafundi bakho bengawagcini
amasiko abantu basendulo, ko-
dwa bedla ngezandla ezingco-
lile?"[d] **6** Wathi kubo: "U-Isaya
waprofetha ngokufanele ngani
bazenzisi, njengoba kulotshiwe
ukuthi, 'Lesi sizwe singidumi-
sa ngezindebe, kodwa izinhli-
ziyo zaso zikude nami.[e] **7** Si-
qhubeka singikhulekela ngeze,
ngoba sifundisa imiyalo yaba-
ntu njengezimfundiso.'[f] **8** Ni-
yeka umyalo kaNkulunkulu ni-
bambelele emasikweni aba-
ntu."[g]

**9** Waqhubeka wathi kubo:
"Ngobuhlakani niwushaya indi-
va umyalo kaNkulunkulu uku-
ze nigcine amasiko enu.[h]
**10** Ngokwesibonelo, uMose
wathi, 'Hlonipha uyihlo nonyo-

---

**6:48** *Okuwukuthi, cishe ngo-3:00 entathakusa kuze kube sekuphumeni kwelanga cishe ngo-6:00 ekuseni. #Noma, "kodwa wayesezobadlula."

**7:2** *Okuwukuthi, ezingahlanzwanga ngokwesiko. **7:4** *NgesiGreki, "njengokubhapathiza."

---

**ISAHL. 6**
a Mat 14:22
b Mat 6:6; Mat 14:23; Mar 1:35; Luk 6:12
c Mat 14:24-33; Joh 6:16-21
d Mat 14:27; Joh 6:20
e Mat 14:34-36

**Uhla 2**
a Mat 9:20; Mar 5:25-28; Luk 8:43, 44; IzE 19:11, 12

**ISAHL. 7**
b Mat 15:1
c Mat 23:25; Luk 11:38, 39
d Mat 15:2
e Mat 15:7-9
f Isay 29:13
g Gal 1:14; Kol 2:8
h Mat 15:3-6

ko,'[a] wathi futhi, 'Othuka* uyi-
se noma unina makabulawe.'[b]
**11** Kodwa nina nithi, 'Kulungi-
le uma umuntu ethi kuyise
noma kunina: "Noma yini engi-
nayo ebingakusiza iyikorbana,
(okungukuthi, isipho esinike-
lwe kuNkulunkulu)."' **12** Ani-
be nisamvumela ukuba enzele
uyise noma unina ngisho nento
eyodwa.[c] **13** Ngokwenza ka-
njalo nilishaya indiva izwi lika-
Nkulunkulu ngamasiko eniwa-
dlulisela kwabanye.[d] Nenza ne-
zinto eziningi ezifana nalezi."[e]
**14** Ngakho waphinda wabiza
isixuku, wathi kuso: "Ngila-
leleni nonke nithole incazelo.[f]
**15** Akukho lutho oluvela nga-
phandle komuntu lungene nga-
phakathi kuye olungamngcoli-
sa; kodwa izinto eziphuma ku-
muntu yizo ezimngcolisayo."[g]
**16** *—

**17** Lapho esengene endlini,
ekude nesixuku, abafundi ba-
khe bambuza ngalo mfaneki-
so.[h] **18** Wathi kubo: "Ingabe
nani aniqondi njengabo? Anazi
yini ukuthi akukho lutho oluve-
la ngaphandle olungena kumu-
ntu olungamngcolisa **19** nje-
ngoba lungangeni enhliziywe-
ni yakhe kodwa lungena esi-
swini sakhe, ludlulele endawe-
ni yokuchitha indle?" Ngakho
wathi konke ukudla kuhlanze-
kile. **20** Ngaphezu kwalokho,
wathi: "Lokho okuphuma ku-
muntu yikho okumngcolisayo.[i]
**21** Ngoba ngaphakathi enhli-
ziyweni yomuntu[j] kuphuma
imicabango emibi: ukuzipha-
tha kabi ngokocansi,* ukwe-
ba, ukubulala, **22** izenzo zo-
kuphinga, ubugovu, izenzo ezi-
mbi, inkohliso, ukuziphatha
okubi okuhambisana nendele-
lo, iso elinomona, ukuhlamba-
laza, ukuzidla nokungabi na-
ngqondo. **23** Zonke lezi zinto
ezimbi ziphuma ngaphakathi
zimngcolise umuntu."

**24** Wasuka lapho waya esi-
fundeni saseThire naseSidoni.[a]
Wafike wangena endlini ethile
futhi wayengafuni ukuba kwa-
zi muntu, kodwa akakwazanga
ukugwema ukubonwa abantu.
**25** Ngaso leso sikhathi owe-
sifazane onendodakazi enca-
ne eyayinedemoni wezwa nga-
ye, weza wawela ezinyawe-
ni zakhe.[b] **26** Lona wesifaza-
ne wayengumGreki, engumSi-
rofenike ngobuzwe;* wayelo-
khu emcela ukuba axoshe
idemoni endodakazini yakhe.
**27** Kodwa wathi kuye: "Aba-
ntwana mabadle basuthe kuqa-
la, ngoba akulungile ukuthatha
isinkwa sabantwana usipho-
nsele imidlwane."[c] **28** Kodwa
waphendula wathi kuye: "Ngi-
yakuzwa mnumzane, kodwa
ngisho nemidlwane engapha-
nsi kwetafula idla izimvuthu
eziwa kubantwana." **29** Wathi
kuye: "Ngenxa yokuthi usho
lokhu, hamba; idemoni seli-
phumile endodakazini yakho."[d]
**30** Ngakho wahamba waya
ekhaya, wathola umntwana ele-
le embhedeni, idemoni lase li-
phumile.[e]

**31** Lapho uJesu ebuya ephu-
ma esifundeni saseThire, wa-
dabula eSidoni waya oLwandle
LwaseGalile, wanqamula esifu-
ndeni saseDekapholi.*[f] **32** La-
pha baletha kuye umuntu oyisi-
thulu futhi onamalimi,[g] bamnce-
nga ukuba abeke isandla sakhe
kuye. **33** Wamsusa esixukwini
waya naye ngasese. Wafaka

---

**7:10** *Noma, "Okhuluma kabi." **7:16** *Bheka iSithasiselo A3. **7:21** *Igama lesiGreki elisebuningini, *por·neiʹa.* Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**7:26** *Noma, "ngokozalo." **7:31** *Noma, "eSifundeni Samadolobha Ayishumi."

---

ISAHL. 7
a Eks 20:12; Dut 5:16; Efe 6:2
b Eks 21:17; Lev 20:9; IzA 20:20
c 1Ti 5:8
d Mat 15:6
e Mar 7:3
f Mat 15:10
g Mat 15:11; Tit 1:15
h Mat 15:15-20
i Mat 15:18
j Gen 6:5; Gen 8:21; Jer 17:9

Uhla 2
a Mat 15:21
b Mat 15:22-28
c Mat 10:5, 6; Mat 15:26; Rom 9:4; Efe 2:12
d Mat 15:28
e Joh 4:49-51
f Mat 15:29
g Mat 9:32, 33; Luk 11:14

iminwe yakhe ezindlebeni
zalo muntu, kwathi esephimi-
se amathe, wamthinta ulimi.[a]
**34** Ebheka phezulu ezulwini,
wabubula kakhulu wathi kuye:
“*Efufatha,*” okuwukuthi, “Vule-
ka.” **35** Izindlebe zakhe zavu-
leka,[b] kwaphela nokuba nama-
limi, wakhuluma ngendlela eva-
mile. **36** Ngemva kwalokho wa-
bayala ukuba bangatsheli mu-
ntu,[c] kodwa lapho ebayala ka-
ningi, yilapho babekumeme-
zela nakakhulu.[d] **37** Ngempela
basala bekhexe kakhulu,[e] bathi:
“Zonke izinto uzenze kahle. We-
nza ngisho nezithulu zizwe na-
bangakhulumi bakhulume.”[f]

**8** Ngalezo zinsuku, kwaphi-
nda kwaba nesixuku esi-
khulu, sasingenalutho oludliwa-
yo. Ngakho wabiza abafundi wa-
thi kubo: **2** “Ngiyasizwela isi-
xuku,[g] ngoba sesihlale nami izi-
nsuku ezintathu futhi asinalu-
tho oludliwayo.[h] **3** Uma ngisi-
phindisela emakhaya silambile,*
sizophelelwa amandla endlele-
ni, kanti abanye kuso bavela
kude.” **4** Kodwa abafundi ba-
khe bamphendula bathi: “Umu-
ntu angazithathaphi izinkwa
ezanele kule ndawo eyihla-
ne angakwazi ukusuthisa ngazo
laba bantu?” **5** Wababuza wa-
thi: “Ninezinkwa ezingaki?” Ba-
thi: “Eziyisikhombisa.”[i] **6** Wa-
yala isixuku ukuba sihlale pha-
nsi. Wabe esethatha lezo zi-
nkwa eziyisikhombisa, wabo-
nga, wazihlephula, wazinika
abafundi bakhe ukuze bazinike
abantu, base bezabela isixuku.[j]
**7** Babenanezinhlanzi ezincane
ezimbalwa, wazibusisa, wathi
mabazabe nazo. **8** Ngakho ba-
dla basutha, kwaqoqwa obha-
sikidi abakhulu* abayisikhombi-
sa ababegcwele okwakusele.[a]
**9** Kwakukhona amadoda anga-
ba ngu-4 000. Ngemva kwalokho
wasikhulula sahamba.

**10** Ngokushesha wagibela
isikebhe nabafundi bakhe
baya esifundeni saseDalmanu-
tha.[b] **11** Kweza abaFarisi ba-
qala ukuphikisana naye, be-
funa kuye isibonakaliso esive-
la ezulwini ukuze bamvivinye.[c]
**12** Ngakho wadabuka kakhulu
emoyeni wakhe, wathi: “Kunga-
ni lesi sizukulwane sifuna isi-
bonakaliso?[d] Ngiqinisile ngi-
thi, akukho sibonakaliso esi-
zonikwa lesi sizukulwane.”[e]
**13** Ngemva kwalokho wabashi-
ya, waphinde wagibela esike-
bheni, waya ogwini olungaphe-
sheya.

**14** Nokho, bakhohlwa uku-
phatha izinkwa, babengena-
lutho esikebheni ngaphandle
kwesinkwa esisodwa.[f] **15** Wa-
bayala ngokucacile wathi: “Hla-
lani nivule amehlo; xwaya-
ni imvubelo yabaFarisi ne-
mvubelo kaHerode.”[g] **16** Nga-
kho baba nengxoxo eshubile
ngenxa yokuthi babengaziphe-
the izinkwa. **17** Eqaphela lo-
khu, wathi kubo: “Kungani ni-
phikisana ngokuthi aninazi-
nkwa? Akukacaci yini kini
lokhu engikushoyo? Anikaqo-
ndi namanje? Ingabe izinhli-
ziyo zenu zisebuthuntu eku-
qondeni? **18** ‘Nakuba niname-
hlo, aniboni yini; nakuba nine-
zindlebe, anizwa yini?’ Anisa-
khumbuli yini ukuthi **19** nge-
sikhathi ngihlephulela amado-
da angu-5 000 olofu bezinkwa
ezinhlanu,[h] naqoqa obhasikidi
abangaki abagcwele izingce-
zwana?” Bathi kuye: “Abangu-
12.”[i] **20** “Lapho ngihlephule-
la amadoda angu-4 000 izi-
nkwa eziyisikhombisa, bangaki
obhasikidi abakhulu* abagcwe-

---

8:3 *Noma, “singadlile.” 8:8, 20 *Noma, “bomphako.”

ISAHL. 7
a Mar 8:23; Joh 9:6
b Isay 35:5; Mat 11:5; Mat 15:30
c Isay 42:2; Mat 8:3, 4; Mar 5:42, 43
d Mar 1:43-45
e IzE 14:11
f Isay 35:5, 6; Mat 15:31

ISAHL. 8
g Mat 14:14; Mar 6:34
h Mat 15:32-38
i Mar 6:38
j Mar 6:41

Uhla 2
a Mat 15:37
b Mat 15:39
c Mat 16:1-3
d Mat 12:38; Joh 6:30
e Mat 16:4
f Mat 16:5-12
g Mat 16:6; Luk 12:1
h Mar 6:38
i Mat 14:20; Mar 6:43; Luk 9:17; Joh 6:13

le izingcezwana enabaqoqa?”
Bathi kuye: “Bayisikhombisa.”[a]
**21** Wabe esethi kubo: “Anika-
qondi namanje?”

**22** Manje bafika eBhetsayi-
da. Lapho, abantu baletha
kuye impumputhe, bamncenga
ukuba ayithinte.[b] **23** Wayiba-
mba ngesandla le mpumputhe,
wayikhiphela ngaphandle kwe-
sigodi. Esephimisele amathe
emehlweni ayo,[c] wayibeka iza-
ndla, wayibuza wathi: “Kukho-
na yini okubonayo?” **24** Lo
muntu wabheka phezulu, wa-
thi: “Ngibona abantu, kodwa
babukeka njengezihlahla eziha-
mbayo.” **25** Waphinda wabe-
ka izandla zakhe emehlweni
alo muntu, wayesebona ngoku-
cacile. Waphinde wabona, yo-
nke into wayeyibona ngokuca-
cile. **26** Ngakho wamthumela
ekhaya, wathi: “Ungangeni esi-
godini.”

**27** UJesu nabafundi bakhe
babe sebelibangisa ezigodini
zaseKhesariya Filipi; endleleni
wabuza abafundi bakhe, wathi:
“Abantu bathi ngingubani?”[d]
**28** Bathi kuye: “Bathi ungu-
Johane uMbhapathizi,[e] abanye
bathi ungu-Eliya,[f] kanti abanye
bathi ungomunye wabaprofe-
thi.” **29** Wababuza nalo mbu-
zo: “Nina-ke nithi ngingubha-
ni?” UPetru wamphendula wa-
thi: “UnguKristu.”[g] **30** Wabe
esebadonsa ngendlebe waba-
yala ukuba bangatsheli mu-
ntu ngaye.[h] **31** Waqala noku-
bafundisa ukuthi iNdodana yo-
muntu kumele ihlupheke ka-
khulu, yaliwe amadoda ama-
dala nabapristi abakhulu naba-
bhali futhi ibulawe,[i] bese ivu-
ka ngemva kwezinsuku ezinta-
thu.[j] **32** Ngempela lawo ma-
zwi wayewasho ngokukhulule-
kile. Kodwa uPetru wambize-
la eceleni wamkhuza.[k] **33** Wa-
phenduka, wabheka abafundi
bakhe, wakhuza uPetru wathi:
“Yana emva kwami, Sathane!
Ngoba awucabangi imicabango
kaNkulunkulu, ucabanga eya-
bantu.”[a]

**34** Wabe esebizela isixuku
kuye nabafundi bakhe wa-
thi kubo: “Uma umuntu efu-
na ukungilandela, makazide-
le, athathe isigxobo sakhe so-
kuhlushwa* angilandele njalo.[b]
**35** Ngoba noma ubani ofuna
ukusindisa ukuphila kwakhe,
kuyomlahlekela, kodwa noma
ubani olahlekelwa ukuphila
kwakhe ngenxa yami nangenxa
yezindaba ezinhle, uyokusindi-
sa.[c] **36** Ngempela, kuyomsiza
ngani umuntu ukuzuza izwe lo-
nke, alahlekelwe ukuphila kwa-
khe?[d] **37** Yini ngempela umu-
ntu angayikhipha ukuze atho-
le ukuphila kwakhe?[e] **38** Ngo-
ba noma ubani oba namahloni
ngami nangamazwi ami kulesi
sizukulwane esiphingayo* ne-
sinesono, neNdodana yomuntu
iyoba namahloni ngaye[f] lapho
iza ngenkazimulo kaYise ika-
nye nezingelosi ezingcwele.”[g]

**9** Ngaphezu kwalokho, wa-
thi kubo: “Ngiqinisile ngi-
thi kini, kukhona abanye ku-
laba abami lapha abangeke
bakunambithe nhlobo ukufa
baze babone uMbuso kaNku-
lunkulu kuqala usubusa ka-
kade.”[h] **2** Ngemva kwezinsu-
ku eziyisithupha, uJesu watha-
tha uPetru noJakobe noJoha-
ne, wahamba nabo baya enta-
beni ephakeme bebodwa. Isimo
sakhe saguqulwa phambi kwa-
bo;[i] **3** izingubo zakhe zanga-
phandle zaqala ukubenyezela,
zaba mhlophe ukudlula indlela

ISAHL. 8
*a* Mat 15:37
*b* Mar 6:56
*c* Mar 7:32, 33; Joh 9:1, 6
*d* Mat 16:13-15; Luk 9:18, 19
*e* Mat 14:1, 2; Mar 6:14
*f* Mar 9:11
*g* Mat 16:16; Luk 9:20; Joh 1:40, 41; Joh 6:68, 69
*h* Mat 16:20; Mar 9:9; Luk 9:21, 22
*i* Mat 26:2
*j* Mat 16:21; Mat 17:22, 23
*k* Mat 16:22

Uhla 2
*a* Mat 16:23
*b* Mat 10:38; Mat 16:24; Luk 9:23; Luk 14:27
*c* Mat 10:39; Mat 16:25; Luk 9:24; Joh 12:25; IsA 12:11
*d* Mat 16:26; Luk 9:25
*e* Hu 49:8
*f* Mat 10:33; Luk 9:26; Luk 12:9; 2Ti 1:7, 8
*g* Mat 16:27; Mat 25:31; 2Th 1:7

ISAHL. 9
*h* Mat 16:28; Luk 9:27
*i* Mat 17:1-8; Luk 9:28-36

**8:34** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **8:38** *Noma, “esingathembekile.”

noma yimuphi umhlanzi wezi-
ngubo emhlabeni ayengazenza
zibe mhlophe ngayo. **4** Babo-
na no-Eliya noMose bexoxa no-
Jesu. **5** UPetru wabe esethi
kuJesu: “Rabi,* kuhle ukuba la-
pha. Ngenxa yalokho masimi-
se amatende amathathu, elinye
libe ngelakho, elinye libe ngeli-
kaMose, elinye libe ngelika-Eli-
ya.” **6** Eqiniswenі, wayengazi
ukuthi kufanele enzenjani ngo-
ba babesaba kakhulu. **7** Kwa-
ba khona ifu, labamboza, kwa-
phuma izwi[a] kulelo fu lithi: “Le
yiNdodana yami ethandeka-
yo.[b] Yilaleleni.”[c] **8** Ngokushe-
sha ngemva kwalokho, baqala-
za, ababange besabona muntu
owayenabo ngaphandle kuka-
Jesu.

**9** Njengoba babehla entabe-
ni, wabayala ngokucacile uku-
ba bangatsheli muntu nga-
lokho ababekubonile,[d] kuze
kube ngemva kokuba iNdoda-
na yomuntu isivukile kwabafi-
le.[e] **10** Balifaka ezinhliziywe-
ni leli zwi,* kodwa baxoxa
bodwa ngokuthi kusho uku-
thini lokhu kuvuka kwabafile.
**11** Bambuza bathi: “Kungani
ababhali bethi kumele kufi-
ke u-Eliya[f] kuqala?”[g] **12** Wathi
kubo: “U-Eliya vele ufika kuqa-
la abuyisele zonke izinto;[h] pho
kwenzeka kanjani ukuba kulo-
tshwe ngeNdodana yomuntu
ukuthi kumele ibhekane nezi-
nhlupheko eziningi[i] futhi idele-
lwe?[j] **13** Kodwa ngithi kini,
eqiniswenі, u-Eliya[k] usefikile,
futhi benze kuye konke aba-
kuthandayo, njengoba nje kulo-
tshiwe ngaye.”[l]

**14** Lapho befika kulaba aba-
nye abafundi, babona isixu-
ku esikhulu sibazungezile, ku-
khona nababhali bephikisa-
na nabo.[a] **15** Kodwa ngoku-
shesha nje lapho sonke isixu-
ku simbona samangala, sagiji-
mela kuye siyombingelela.
**16** Wasibuza wathi: “Niphikisa-
na ngani nabo?” **17** Omunye
esixukwini wamphendula wa-
thi: “Mfundisi, ngilethe indo-
dana yami kuwe ngoba ino-
moya oyenza ingakhulumi.*[b]
**18** Nomaphi lapho umoya uyi-
bamba khona, uyilahla pha-
nsi, ikhihlize amagwebu, iqu-
qude amazinyo futhi iphele-
lwe amandla. Ngicele abafu-
ndi bakho ukuba bawuxoshe,
kodwa bahlulekile.” **19** Ephe-
ndula wathi kubo: “O sizuku-
lwane esingenalukholo,[c] kume-
le ngiqhubeke nginani kuze
kube nini? Kumele nginibeke-
zelele kuze kube nini? Yile-
the kimi.”[d] **20** Ngakho bamle-
tha kuye umfana, kodwa la-
pho umoya umbona wamdli-
kizisa umntwana ngaso leso
sikhathi. Ngemva kokuwela
phansi wayelokhu ephendu-
phenduka, ekhihliza amagwe-
bu. **21** UJesu wabuza uyise:
“Sekunesikhathi esingakana-
ni lokhu kwenzeka kuye?” Wa-
thi: “Kusukela esewumntwana,
**22** futhi uvame ukumphonsa
emlilweni nasemanzini ukuze
umbulale. Kodwa uma ukwa-
zi ukwenza okuthile, sihawu-
kele usisize.” **23** UJesu wa-
thi kuye: “Kungani uthi, ‘Uma
ukwazi’? Phela, zonke izinto zi-
ngenzeka kumuntu onokholo.”[e]
**24** Ngokushesha uyise wom-
ntwana wamemeza wathi: “Ngi-
nalo ukholo! Ngisize lapho ngi-
dinga khona ukholo!”[f]

**25** Lapho uJesu ebona uku-
thi isixuku sasigijimela kubo,
wawukhuza lo moya omubi,

ISAHL. 9
a Luk 3:22; Joh 12:28
b Hu 2:7; Isay 42:1; Mat 3:17; 2Pe 1:17
c Dut 18:15; Mat 17:5; Luk 9:35; IzE 3:22, 23
d Mat 12:15, 16; Mar 8:29, 30
e Mat 17:9; Luk 9:36
f Mal 4:5, 6; Mar 8:27, 28
g Mat 17:10
h Mat 17:11
i Dan 9:26
j Hu 22:6, 7; Isay 50:6; Isay 53:3; Luk 23:11
k Mat 11:13, 14; Luk 1:13, 17
l Mat 17:12

Uhla 2
a Luk 9:37
b Mat 17:14-17; Luk 9:38-42
c Dut 32:20
d Mat 17:17; Luk 9:41
e Mat 17:20; Mar 11:23; Luk 17:6; Joh 11:40; IzE 14:9, 10
f Luk 17:5

**9:5** *Noma, “Mfundisi.” **9:10** *Noma kungaba, “Bayigcina kubo le ndaba.”

**9:17** *NgesiGreki, “oyisimungulu.”

wathi kuwo: “Wena moya onga-
khulumi noyisithulu, ngiyaku-
yala, phuma kuye, ungaphi-
nde ungene kuye!”[a] **26** Nge-
mva kokumemeza nokudlikizi-
sa ingane kaningi, lo moya wa-
phuma, kwaba sengathi inga-
ne isifile, kangangokuthi aba-
ntu abaningi babethi: “Ifile!”
**27** Kodwa uJesu wayibamba
ngesandla wayiphakamisa, ya-
sukuma. **28** Ngemva kokuba
esengene endlini, abafundi ba-
khe bambuza ngasese bathi:
“Kungani thina singakwaza-
nga ukuwuxosha?”[b] **29** Wathi
kubo: “Lolu hlobo lungaphuma
ngomthandazo kuphela.”

**30** Basuka lapho badabula
iGalile, kodwa wayengafuni mu-
ntu azi ngakho. **31** Ngoba wa-
yefundisa abafundi bakhe eba-
tshela ethi: “INdodana yomu-
ntu izonikelwa ezandleni za-
bantu futhi bazoyibulala, ko-
dwa noma ingabulawa,[c] izovu-
ka ngemva kwezinsuku ezinta-
thu.”[d] **32** Nokho, babengaku-
qondi ayekusho besaba noku-
mbuza.

**33** Bafika eKapernawume.
Lapho esengaphakathi endli-
ni, wababuza lo mbuzo: “Be-
niphikisana ngani endleleni?”[e]
**34** Bathula, ngoba endlele-
ni babekade bephikisana ngo-
kuthi ubani omkhulu kunaba-
nye. **35** Ngakho wahlala pha-
nsi wabiza abayiShumi Nambi-
li,* wathi kubo: “Uma noma
ubani efuna ukuba owokuqa-
la, kumele abe owokugcina ku-
nabo bonke futhi abe isikho-
nzi sabo bonke.”[f] **36** Wabe
esethatha umntwana omncane,
wammisa phakathi kwabo; wa-
beka izandla emahlombe akhe,
wathi kubo: **37** “Noma ubani
owamukela oyedwa kubantwa-
na abanje[a] egameni lami, uya-
ngamukela nami; futhi noma
ubani ongamukelayo, akamu-
keli mina kuphela, kodwa na-
Lowo ongithumile.”[b]

**38** UJohane wathi kuye:
“Mfundisi, sibone othile exo-
sha amademoni esebenzisa iga-
ma lakho, sazama ukumvimba
ngoba ubengeyena omunye we-
thu.”[c] **39** Kodwa uJesu wathi:
“Ningazami ukumvimba, ngo-
ba akekho umuntu ongathi
eqeda nje ukwenza umsebenzi
wamandla ngegama lami bese
esho into embi ngami. **40** Ngo-
ba noma ubani ongamelene na-
thi ungakithi.[d] **41** Noma ubani
oninika amanzi* okuphuza nge-
nxa yokuthi ningabakaKristu,[e]
ngiqinisile ngithi kini, ngeke
kwenzeke alahlekelwe umvuzo
wakhe.[f] **42** Kodwa noma ubani
okhuba oyedwa kulaba abanca-
ne abanokholo, kuyoba ngco-
no ukuba kuboshelwe entanyeni
yakhe itshe lokugaya eliphendu-
lwa imbongolo, aphonswe olwa-
ndle.[g]

**43** “Uma kwenzeka isandla
sakho sikukhubekisa, si-
nqume. Kungcono ukuba
ungene ekuphileni ukhuba-
zekile* kunokuba uye eGe-
hena,# emlilweni ongacime-
ki, unezandla zombili.[h] **44** *—
**45** Uma unyawo lwakho luku-
khubekisa, lunqume. Kungco-
no ukuba ungene ekuphile-
ni ulunyonga kunokuba upho-
nswe eGehena#[i] unezinyawo
zombili. **46** *— **47** Uma
iso lakho likukhubekisa, lila-
hle.[j] Kungcono ukuba unge-
ne eMbusweni kaNkulunku-
lu uneso elilodwa kunokuba

ISAHL. 9
a Mat 17:18; Mar 1:23-25; Luk 4:34, 35; IzE 10:38
b Mat 17:19, 20
c Mat 26:2
d Mat 16:21; Mat 17:22, 23; Mar 8:31; Luk 9:44, 45
e Mat 18:1-5; Luk 9:46-48; Luk 22:24
f Mat 20:26-28; Mar 10:43-45; Flp 2:8, 9

Uhla 2
a Luk 18:16
b Mat 10:40; Luk 9:48; Joh 13:20
c Luk 9:49
d Luk 9:50
e Mat 25:40
f Mat 10:42
g Mat 18:6; Luk 17:1, 2
h Mat 5:30; Mat 18:8; Kol 3:5
i Mat 10:28; Mat 23:33; Luk 12:5
j Gal 5:24

**9:35** *Okuwukuthi, abaphostoli abangu-12.

**9:41** *NgesiGreki, “indebe yamanzi.” **9:43** *Noma, “ugogekile.” **9:43, 45** #Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **9:44, 46** *Bheka iSithasiselo A3.

uphonswe eGehena* unawo
womabili amehlo,[a] **48** lapho
impethu ingafi khona nalapho
umlilo ungacimi khona.[b]

**49** “Kuyothunyelwa umlilo
kuwo wonke umuntu, njengo-
ba nje usawoti uthelwa ekudle-
ni.[c] **50** Usawoti muhle, kodwa
uma kwenzeka usawoti uphe-
lelwa ubusawoti bawo, niyowu-
vuselela ngani?[d] Yibani nosa-
woti kini ngokwenu,[e] nibe no-
kuthula phakathi kwenu.”[f]

**10** Wasukuma, wahamba
waya emingceleni yase-
Judiya ngaphesheya kweJorda-
ni, izixuku zaphinde zaqoqa-
nela kuye. Njengenjwayelo, wa-
phinde wazifundisa.[g] **2** Aba-
Farisi basondela kuye behlose
ukumvivinya, bambuza ukuthi
kwakungokomthetho yini uku-
ba indoda idivose umkayo.[h]
**3** Wabaphendula wathi: “UMo-
se waniyala wathini?” **4** Ba-
thi: “UMose wavuma ukuba
kubhalwe isitifiketi sokumxo-
sha futhi amdivose.”[i] **5** Ko-
dwa uJesu wathi kubo: “Wani-
lobela lowo myalo[j] ngenxa yo-
kucabangela izinhliziyo zenu
ezilukhuni.[k] **6** Nokho, kusu-
kela ekuqaleni kwendalo, ‘Wa-
badala kwaba owesilisa nowe-
sifazane.[l] **7** Ngenxa yaleso si-
zathu, indoda iyoshiya uyi-
se nonina,[m] **8** laba ababili ba-
yoba nyamanye,’[n] ngakho aba-
sebabili, kodwa sebenyamanye.
**9** Ngakho-ke, lokho uNkulu-
nkulu akubophele ndawonye
makungahlukaniswa muntu.”[o]
**10** Lapho sebebuyele endli-
ni, abafundi bambuza ngalo-
khu. **11** Wathi kubo: “Noma
ubani odivosa umkakhe ashade
nomunye, uyaphinga,[p] **12** fu-
thi uma kwenzeka owesifaza-
ne, ngemva kokudivosa umyeni
wakhe, ashade nomunye, uya-
phinga.”[a]

**13** Abantu babe sebeletha
abantwana kuye ukuze abathi-
nte, kodwa abafundi babakhu-
za.[b] **14** Lapho ebona lo-
khu, uJesu wathukuthela wa-
thi kubo: “Bayekeni abantwa-
na beze kimi; ningabavimbi,
ngoba uMbuso kaNkulunkulu
ungowabanjalo.[c] **15** Ngiqinisi-
le ngithi kini, noma ubani
ongawamukeli uMbuso kaNku-
lunkulu njengomntwana akaso-
ze angena kuwo.”[d] **16** Waba-
gona abantwana, wababusisa,
ebabeka izandla.[e]

**17** Njengoba ayehamba, umu-
ntu othile wagijima waya kuye,
wafike waguqa ngamadolo pha-
mbi kwakhe wambuza lo mbuzo:
“Mfundisi Omuhle, yini okumele
ngiyenze ukuze ngizuze ifa loku-
phila okuphakade?”[f] **18** UJesu
wathi kuye: “Kungani uthi ngi-
muhle? Akekho omuhle nga-
phandle koyedwa, uNkulunku-
lu.[g] **19** Uyayazi imiyalo ethi:
‘Ungabulali,[h] ungaphingi,[i] unge-
bi,[j] ungafakazi amanga,[k] unga-
phambi abantu,[l] hlonipha uyihlo
nonyoko.’ ”[m] **20** Lo muntu wa-
thi kuye: “Mfundisi, zonke lezi
zinto ngizigcinile kusukela
ebusheni bami.” **21** UJesu wa-
mbuka wezwa emthanda, wathi
kuye, “Yinye into esele okume-
le uyenze: Hamba, uthengise lo-
kho onakho uphe abahluphe-
kayo, uyoba nengcebo ezulwini;
bese uza ube umlandeli wami.”[n]
**22** Kodwa wadabuka ngenxa ya-
leyo mpendulo, wahamba elusizi
ngoba wayenempahla eningi.[o]

**23** Ngemva kokuqalaza, uJe-
su wathi kubafundi bakhe:
“Yeka ukuthi kuyoba nzima ka-
ngakanani ngalabo abanema-
li ukungena eMbusweni kaNku-
lunkulu!”[p] **24** Kodwa la ma-

---

**9:47** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**ISAHL. 9**
*a* Mat 5:29; Mat 18:9; Rom 8:13
*b* Isay 66:24
*c* Luk 17:29
*d* Mat 5:13; Luk 14:34, 35
*e* Kol 4:6
*f* Rom 12:18; Efe 4:29; 1Th 5:13; Heb 12:14

**ISAHL. 10**
*g* Mat 19:1, 2
*h* Mat 19:3
*i* Dut 24:1; Mat 5:31; Mat 19:7
*j* Mat 19:8
*k* Dut 9:6; IzE 13:18
*l* Gen 1:27; Gen 5:2; Mat 19:4
*m* Mat 19:5
*n* Gen 2:24; Efe 5:31
*o* Mat 19:6
*p* Mat 5:32; Mat 19:9; Luk 16:18

**Uhla 2**
*a* Rom 7:3
*b* Mat 19:13; Luk 18:15
*c* Mat 18:4; Mat 19:14; Luk 18:16; 1Pe 2:2
*d* Mat 18:3; Luk 18:17
*e* Mar 9:36
*f* Mat 19:16; Luk 18:18
*g* Hu 86:5; Mat 19:17; Luk 18:19
*h* Eks 20:13; Dut 5:17; Mat 5:21; 1Jo 3:15
*i* Eks 20:14; Dut 5:18
*j* Eks 20:15; Dut 5:19
*k* Eks 20:16; Dut 5:20
*l* Lev 19:13
*m* Eks 20:12; Dut 5:16; Efe 6:2
*n* Mat 19:21
*o* Luk 18:23
*p* Jer 9:23; 1Ti 6:17

zwi akhe abamangaza abafu-
ndi. UJesu wabe esethi kubo:
“Bantwana, yeka ukuthi ku-
nzima kangakanani ukunge-
na eMbusweni kaNkulunkulu!
**25** Kulula ukuba ikamela lichu-
she embotsheni yenaliti kuno-
kuba isicebi singene eMbuswe-
ni kaNkulunkulu.”[a] **26** Bakhe-
xa nakakhulu bathi kuye:* “Ka-
nti ubani ongasindiswa?”[b]
**27** Ebabheka ngqo, uJesu wa-
thi kubo: “Kubantu akunakwe-
nzeka, kodwa akunjalo kuNku-
lunkulu, ngoba zonke izi-
nto zingenzeka kuNkulunku-
lu.”[c] **28** UPetru wathi kuye:
“Bheka! Sishiye zonke izinto
sakulandela.”[d] **29** UJesu wa-
thi: “Ngiqinisile ngithi kini, ake-
kho oshiye indlu noma abafowa-
bo noma odadewabo noma uni-
na noma uyise noma aba-
ntwana noma amasimu ngenxa
yami nangenxa yezindaba ezi-
nhle[e] **30** ongeke athole kwa-
manje izindlu, abafowabo, oda-
dewabo, onina, abantwana na-
masimu izikhathi eziphindwe
kawu-100, kanye nokushushi-
swa[f] futhi esikhathini* esiza-
yo athole ukuphila okupha-
kade. **31** Kodwa abaningi aba-
ngabokuqala bayoba ngaboku-
gcina nabokugcina babe ngabo-
kuqala.”[g]

**32** UJesu nabafundi bakhe
babekhuphuka ngendlela beya
eJerusalema, uJesu wayeha-
mba phambili, abafundi bakhe
bamangala, kodwa labo ababe-
landela baqala ukwesaba. Wa-
phinde wabizela eceleni abayi-
Shumi Nambili* wabatshela
lezi zinto ezase zizomehle-
la:[h] **33** “Bhekani! Sikhuphu-
kela eJerusalema, iNdodana
yomuntu izonikelwa kubapristi
abakhulu nakubabhali. Bazoyi-
nika isigwebo sokufa bayini-
kele kubantu bezizwe, **34** ba-
hlekise ngayo bayikhafulele,
bayibhaxabule bayibulale, ko-
dwa izovuka ngemva kwezinsu-
ku ezintathu.”[a]

**35** UJakobe noJohane, ama-
dodana kaZebedewu,[b] beza
kuye bathi: “Mfundisi, sifu-
na usenzele noma yini esiyicela
kuwe.”[c] **36** Wathi kubo: “Nifu-
na nginenzeleni?” **37** Bathi
kuye: “Sivumele ukuba omu-
nye ahlale ngakwesokudla sa-
kho, omunye ngakwesobunxele
sakho, enkazimulweni yakho.”[d]
**38** Kodwa uJesu wathi kubo:
“Anikwazi enikucelayo. Ninga-
kwazi yini ukuphuza indebe
engiyiphuzayo noma ukubha-
pathizwa ngobhapathizo engi-
bhapathizwa ngalo?”[e] **39** Ba-
thi kuye: “Singakwazi.” UJe-
su wathi kubo: “Indebe
engiyiphuzayo niyoyiphuza fu-
thi niyobhapathizwa ngobhapa-
thizo engibhapathizwa ngalo.[f]
**40** Kodwa ukuhlala ngakweso-
kudla sami noma ngakweso-
bunxele sami akukhona okwa-
mi ukuba ngiphane ngakho, ko-
dwa kungokwalabo okulungise-
lelwe bona.”

**41** Lapho abanye abayishu-
mi bezwa ngalokho, babathu-
kuthelela oJakobe noJohane.[g]
**42** Kodwa uJesu wababiza, wa-
thi kubo: “Niyazi ukuthi labo
ababonakala bebusa* izizwe,
bazenza izingqongqo phezu
kwazo nezikhulu zazo, base-
benzisa igunya phezu kwazo.[h]
**43** Akumele kube njalo phaka-
thi kwenu; kodwa noma uba-
ni ofuna ukuba mkhulu

---

**10:26** *Noma kungaba, “komunye nomunye.” **10:30** *Noma, “esimisweni sezinto.” Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **10:32** *Okuwukuthi, abaphostoli abangu-12.

**10:42** *Noma, “ababhekwa njengababusa.”

---

**ISAHL. 10**
- *a* Mat 19:24; Luk 18:25
- *b* Mat 19:25, 26; Luk 18:26, 27
- *c* Job 42:2
- *d* Mat 19:27; Luk 18:28
- *e* Mat 10:37; Mat 19:29; Luk 18:29, 30
- *f* Mat 5:11; IzE 14:22
- *g* Mat 19:30; Mat 20:16; Luk 13:30
- *h* Mat 20:17-19; Mar 8:31; Mar 9:31; Luk 9:22; Luk 18:31-33

**Uhla 2**
- *a* IzE 10:40; 1Ko 15:3, 4
- *b* Mat 10:2
- *c* Mat 20:20, 21
- *d* Mat 19:28
- *e* Mat 20:22, 23; Luk 12:50; Joh 18:11; Rom 6:3
- *f* IzE 12:2; IsA 1:9
- *g* Mat 20:24
- *h* Mat 20:25; Luk 22:25; 1Pe 5:2, 3

phakathi kwenu kumele abe yisikhonzi senu,[a] **44** futhi noma ubani ofuna ukuba owokuqala phakathi kwenu kumele abe inceku yenu nonke. **45** Ngoba ngisho neNdodana yomuntu ayizelanga ukukhonzwa, kodwa ukukhonza[b] nokunikela ngokuphila kwayo kube isihlengo sabaningi."[c]

**46** Bafika eJeriko. Kodwa njengoba yena nabafundi bakhe nesixuku esikhulu bephuma eJeriko, uBartimewu (indodana kaThimewu), isinxibi* esiyimpumputhe, wayehlezi eceleni komgwaqo.[d] **47** Lapho ezwa ukuthi kwakunguJesu umNazaretha, wamemeza wathi: "Ndodana kaDavide,[e] Jesu, yiba nesihe kimi!"[f] **48** Abaningi bamkhuza bathi akathule, kodwa waqhubeka ememeza nakakhulu, ethi: "Ndodana kaDavide, yiba nesihe kimi!" **49** Ngakho uJesu wama, wathi: "Mbizeni eze kimi." Bayibiza le mpumputhe, bethi kuyo: "Yiba nesibindi! Sukuma; uyakubiza." **50** Ilahla ingubo yayo yangaphandle, yagxuma yama ngezinyawo yaya kuJesu. **51** UJesu wathi kuyo: "Ufuna ngikwenzeleni?" Le mpumputhe yathi kuye: "*Rabuni*,* ngenze ngiphinde ngibone." **52** UJesu wathi kuyo: "Hamba. Ukholo lwakho lukuphilisile."[g] Masinyane yaphinde yabona,[h] yabe isimlandela endleleni.

**11** Lapho sebesondela eJerusalema, eBhetfage naseBhethaniya[i] eNtabeni Yeminqumo, wathuma abafundi bakhe ababili,[j] **2** wathi kubo: "Hambani niye emizini ephambi kwenu, lapho nje ningena kuyo, nizothola ithole lembongolo liboshiwe,* okungakaze kuhlale# muntu kulo. Liqaqeni nililethe lapha. **3** Uma kukhona othi kini, 'Nenzani?' nithi, 'INkosi iyalidinga, izolibuyisa ngokushesha.'" **4** Ngakho bahamba futhi balithola ithole lembongolo liboshiwe emnyango, ngaphandle emgwaqweni oseceleni, baliqaqa.[a] **5** Kodwa abanye kulabo ababemi lapho bathi kubo: "Niliqaqelani ithole?" **6** Babatshela lokho uJesu ayekushilo, babayeka bahamba.

**7** Baliletha kuJesu lelo thole lembongolo,[b] babeka izingubo zabo zangaphandle kulo, wahlala phezu kwalo.[c] **8** Abaningi bendlala nezingubo zabo zangaphandle endleleni, abanye bagawula amagatsha anamahlamvu esigangeni.[d] **9** Ababehamba phambili nalabo ababeza ngemuva babelokhu bememeza bethi: "Sicela umsindise!*[e] Ubusisiwe lowo oza ngegama likaJehova!#[f] **10** Ubusisiwe uMbuso ozayo kababa uDavide![g] Sicela umsindise, ezindaweni eziphakeme eziphezulu!" **11** Wangena eJerusalema waya ethempelini, waqalaza zonke izinto, kodwa njengoba isikhathi sase sihambile kakade, waphuma waya eBhethaniya nabayiShumi Nambili.*[h]

**12** Ngosuku olulandelayo lapho bephuma eBhethaniya, walamba.[i] **13** Ekude wabona isihlahla somkhiwane esasinamaqabunga, wahamba eyobheka ukuthi kukhona yini angakuthola kuso. Kodwa lapho efika

---

**10:46** *Umuntu ocela imali nezinye izinto kwabanye. **10:51** *Incazelo: "Mfundisi."

**11:2** *Noma, "likhulekiwe." #Noma, "kugibele." **11:9** *Lesi isicelo esiya kuNkulunkulu sokuba asindise uJesu. #Bheka iSithasiselo A5. **11:11** *Okuwukuthi, abaphostoli abangu-12.

---

ISAHL. 10

*a* Mat 20:26, 27; Mar 9:35; Luk 9:48; Luk 22:26
*b* Joh 13:14; Flp 2:7
*c* Isay 53:10; Dan 9:24; Mat 20:28; Gal 3:13; Tit 2:13, 14
*d* Mat 20:29-34; Luk 18:35-43
*e* Jer 23:5; Rom 1:3
*f* Mat 9:27; Mat 15:22
*g* Mat 9:20, 22
*h* Isay 35:5; Isay 42:7; Mar 8:25

ISAHL. 11

*i* Joh 11:18
*j* Mat 21:1-3; Luk 19:29-34

Uhla 2

*a* Mat 21:6
*b* 1Kh 1:33; Zak 9:9
*c* Mat 21:7, 8; Joh 12:14, 15
*d* Luk 19:36; Joh 12:13
*e* Mat 21:15
*f* Hu 118:25, 26; Mat 21:9; Luk 19:37, 38; Joh 12:13
*g* Zak 9:9; Luk 1:32
*h* Mat 21:10
*i* Mat 21:18

kuso, akatholanga lutho nga-
phandle kwamaqabunga, ngo-
ba kwakungeyona inkathi ya-
makhiwane. **14** Ngakho wathi
kuso: "Makungaphinde kube
khona muntu ozothola izithelo
kuwe."[a] Abafundi bakhe babe-
lalele.

**15** Bafika eJerusalema. La-
pho, wangena ethempelini wa-
qala ukuxosha abathengisayo
nabathengayo ethempelini, wa-
gumbuqela namatafula abashi-
ntshi bemali namabhentshi ala-
bo abathengisa amajuba,[b]
**16** engavumeli muntu ukuba
athwale isitsha anqamule naso
ethempelini. **17** Wayefundisa
ethi kubo: "Akulotshiwe yini
ukuthi, 'Indlu yami iyobizwa
ngokuthi yindlu yomthanda-
zo yazo zonke izizwe'?[c] Ko-
dwa nina niyenze umhume wa-
baphangi."[d] **18** Abapristi aba-
khulu nababhali bezwa ngo-
kwenzeka, base befuna indle-
la yokumbulala;[e] phela babe-
mesaba ngoba sonke isixuku
sasikhexa ngendlela ayefundi-
sa ngayo.[f]

**19** Kwathi lapho ilanga seli-
shonile, baphuma edolobhe-
ni. **20** Kodwa lapho bedlula
ekuseni kakhulu, babona isi-
hlahla somkhiwane sesibuni-
le kusukela ezimpandeni zaso.[g]
**21** Ekhumbula okwakwenzeki-
le, uPetru wathi kuye: "Rabi,
bheka! Isihlahla somkhiwa-
ne osiqalekisile sesibunile."[h]
**22** Ephendula uJesu wathi
kubo: "Yibani nokholo kuNku-
lunkulu. **23** Ngiqinisile ngithi
kini noma ubani othi kule nta-
ba, 'Qukuleka uphonseke olwa-
ndle,' futhi engangabazi enhli-
ziyweni yakhe kodwa enokho-
lo lokuthi lokho akushoyo
kuzokwenzeka, kuzokwenze-
ka lokho.[i] **24** Kungakho ngi-
thi kini, zonke izinto enizitha-
ndazelayo nenizicelayo, yiba-
ni nokholo lokuthi senizamuke-
le, niyozithola.[a] **25** Futhi la-
pho nisukuma nithandaza, the-
thelelani noma yini eninayo
nganoma ubani, ukuze no-
Yihlo osemazulwini anithethe-
lele nani iziphambeko zenu."[b]
**26** *—

**27** Baphinde bafika eJeru-
salema. Njengoba ayehamba
ethempelini, abapristi abakhu-
lu nababhali namadoda amada-
la beza kuye **28** bathi:
"Uzenza ngagunya lini lezi zi-
nto? Noma, ubani okunike
igunya lokwenza lezi zinto?"[c]
**29** UJesu wathi kubo: "Ngizo-
nibuza umbuzo owodwa. Uma
ningiphendula, nami ngizoni-
tshela ukuthi ngizenza ngagu-
nya lini lezi zinto. **30** Ubha-
pathizo lukaJohane[d] lwaluvela
ezulwini noma kubantu? Ngi-
phenduleni."[e] **31** Ngakho ba-
bonisana bodwa, bethi: "Uma
sithi, 'Ezulwini,' uzothi, 'Pho,
kungani ningamkholwanga?'
**32** Kodwa singalokotha yini si-
thi, 'Kubantu'?" Babesaba isi-
xuku, ngoba sonke sasikhole-
lwa ukuthi uJohane ngempela
wayengumprofethi.[f] **33** Nga-
kho baphendula uJesu bathi:
"Asazi." UJesu wathi kubo:
"Nami ngeke nginitshele uku-
thi ngizenza ngagunya lini lezi
zinto."

**12** Waqala ukukhuluma na-
bo ngemifanekiso ethi:
"Umuntu othile watshala insimu
yamagilebhisi,[g] wayibiyela, wa-
mba umgodi wesikhamo sewayi-
ni wakha nombhoshongo;[h] wabe
eseyiqashisa kubalimi, waha-
mba waya kude.[i] **2** Ngenkathi
efanele wathumela inceku ku-
balimi ukuze iyolanda ezinye
zezithelo zensimu yamagilebhisi

**ISAHL. 11**
*a* Mat 21:19, Mar 11:20
*b* Mat 21:12, Luk 19:45, 46, Joh 2:14-16
*c* 1Kh 8:43, Isay 56:7
*d* Jer 7:11, Mat 21:13, Luk 19:46, Joh 2:16
*e* Mar 14:1, Luk 20:19
*f* Luk 19:47, 48
*g* Mat 21:19, 20
*h* Mar 11:14
*i* Mat 17:20, Mat 21:21, Luk 17:6

**Uhla 2**
*a* Mat 7:7, Mat 18:19, Mat 21:22, Luk 11:9, Joh 14:13, Joh 15:7, Joh 16:24
*b* Hu 103:10-12, Mat 6:12, 14, Efe 4:32, Kol 3:13
*c* Mat 21:23-27, Luk 20:1-8
*d* Mar 1:4
*e* Mat 21:25, Luk 20:4
*f* Mat 3:1, 5, Mat 14:3, 5, Mar 6:20

**ISAHL. 12**
*g* Isay 5:7
*h* Isay 5:2
*i* Mat 21:33-41, Luk 20:9-16

**11:26** * Bheka iSithasiselo A3.

kubo. **3** Kodwa bayibamba, ba-
yishaya, bayihambisa ingaphe-
the lutho. **4** Waphinda wathu-
mela enye inceku kubo, yona
bayishaya ekhanda bayihlamba-
laza.[a] **5** Wathumela enye futhi,
yona bayibulala, wathumela ne-
zinye eziningi, ezinye kuzo bazi-
shaya, ezinye bazibulala. **6** Wa-
yesesele nowokugcina, indodana
ethandekayo.[b] Iyona ayithumela
kubo ekugcineni, ethi, 'Bazoyi-
hlonipha indodana yami.' **7** Ko-
dwa labo balimi bakhuluma bo-
dwa bathi, 'Lena indlalifa.[c] Wo-
zani, masiyibulale, ifa lizoba ele-
thu.' **8** Ngakho bayibamba ba-
yibulala, bayiphonsa ngapha-
ndle kwensimu yamagilebhisi.[d]
**9** Yini umnikazi wensimu yama-
gilebhisi azoyenza? Uzoza aba-
bulale laba balimi, insimu yama-
gilebhisi ayinike abanye.[e]
**10** Anizange yini niwufunde lo
mbhalo othi: 'Itshe elenqatshwa
abakhi, selibe yitshe legumbi*
eliyinhloko.[f] **11** Livele kuJeho-
va,* liyamangalisa emehlweni
ethu'?"[g]

**12** Babe sebefuna ukumba-
mba,* kodwa babesaba isixu-
ku, ngoba babazi ukuthi waye-
khuluma lo mfanekiso ecaba-
nga ngabo. Ngakho bamshiya
bahamba.[h]

**13** Ngemva kwalokho bathu-
mela kuye abanye babaFarisi
nabanye bamalungu eqembu li-
kaHerode ukuze bathole iphu-
tha enkulumweni yakhe.[i]
**14** Lapho befika bathi kuye:
"Mfundisi, siyazi ukuthi uneqi-
niso nokuthi awuthengi amehlo
abantu, ngoba awubheki uku-
bukeka kwabantu kwangapha-
ndle, kodwa ufundisa indlela
kaNkulunkulu ngokuvumela-
na neqiniso. Kungokomthe-
tho* yini ukukhokha intela ye-
khanda kuKhesari noma cha?
**15** Sikhokhe noma singakho-
khi?" Ebona ubuzenzisi babo,
wathi kubo: "Kungani ningivi-
vinya? Lethani lapha udenari-
yu* ngiwubone." **16** Bawule-
tha, wathi kubo: "Okabani lo
mfanekiso nalo mbhalo oqoshi-
we?" Bathi kuye: "OkaKhesa-
ri." **17** UJesu wabe esethi:
"Buyiselani izinto zikaKhesari
kuKhesari,[a] kodwa izinto zi-
kaNkulunkulu kuNkulunkulu."[b]
Yabamangaza indlela aphendu-
la ngayo.

**18** AbaSadusi, abathi alukho
uvuko,[c] beza kuye bambuza ba-
thi:[d] **19** "Mfundisi, uMose wa-
silobela ukuthi uma umfowabo
womuntu efa futhi eshiya umfa-
zi kodwa engashiyi mntwana,
umfowabo kufanele amngene
lowo mfazi avezele umfowabo
inzalo.[e] **20** Kwakukhona izela-
mani eziyisikhombisa. Owoku-
qala wathatha umfazi, kodwa
lapho eshona akashiyanga nga-
ne. **21** Lo mfelokazi washa-
dwa owesibili, kodwa naye
washona ngaphandle kokuza-
la ingane, kwenzeka okufa-
nayo nakowesithathu. **22** Bo-
nke abayisikhombisa abazala-
nga ngane. Ekugcineni owesi-
fazane naye wafa. **23** Ovu-
kweni, ubani ayoba ngumka-
khe? Ngoba waba yinkosikazi
yabo bonke abayisikhombisa."
**24** UJesu wathi kubo: "Aku-
kona yini ukungazi kwenu
imiBhalo namandla kaNkulu-
nkulu okunenza niphazame?[f]
**25** Ngoba lapho bevuka kwa-
bafile, amadoda awashadi na-
besifazane abashadiswa, ko-
dwa banjengezingelosi emazu-
lwini.[g] **26** Kodwa ngokupha-
thelene nokuvuswa kwabafi-

---

**12:10** *NgesiGreki, "lasekhoneni." **12:11** *Bheka iSithasiselo A5. **12:12** *Noma, "ukumbopha."

**12:14** *Noma, "Kulungile." **12:15** *Bheka iSithasiselo B14.

ISAHL. 12
a Heb 11:32, 37
b Hu 2:7; Gal 4:4; 1Jo 4:9
c Hu 2:8; Heb 1:2
d IzE 2:23
e Mat 21:41, 43
f Mat 21:42; Luk 20:17; IzE 4:10, 11; Efe 2:20; 1Pe 2:7
g Hu 118:22, 23
h Mat 21:45, 46; Luk 20:19
i Mat 22:15-22; Luk 20:20-26

Uhla 2
a Rom 13:7; Tit 3:1; 1Pe 2:13
b Mal 3:8; Mat 22:21; Luk 20:25
c IzE 23:8
d Mat 22:23-28; Luk 20:27-33
e Gen 38:7, 8; Dut 25:5, 6
f Mat 22:29
g Mat 22:30; Luk 20:34-36

le, anifundanga yini encwadi-
ni kaMose, endabeni ephathe-
lene nesihlahla sameva, ukuthi
uNkulunkulu wathi kuye: 'Ngi-
nguNkulunkulu ka-Abrahama
noNkulunkulu ka-Isaka noNku-
lunkulu kaJakobe'?[a] **27** Ungu-
Nkulunkulu wabaphilayo, aka-
yena owabafile. Niphaphalaze
kakhulu."[b]

**28** Omunye kubabhali owa-
yezile futhi wabezwa bephikisa-
na, azi ukuthi wayebaphendule
kahle, wambuza: "Yimuphi
umyalo ongowokuqala* kuyo
yonke?"[c] **29** UJesu waphendu-
la: "Owokuqala uthi, 'O Israye-
li, yizwa, uJehova* uNkulu-
nkulu wethu unguJehova* oye-
dwa, **30** kumele uthande uJe-
hova* uNkulunkulu wakho nga-
yo yonke inhliziyo yakho nanga-
wo wonke umphefumulo# wa-
kho nangayo yonke ingqondo
yakho nangawo wonke amandla
akho.'[d] **31** Owesibili yilo, 'Ku-
mele uthande umakhelwane wa-
kho njengoba uzithanda wena.'[e]
Awukho omunye umyalo om-
khulu kunale." **32** Umbhali wa-
thi kuye: "Mfundisi, ukhulume
kahle, ngokuvumelana neqiniso,
ukuthi, 'Munye, futhi akekho
omunye ngaphandle kwakhe';[f]
**33** ukumthanda komuntu nga-
yo yonke inhliziyo yakhe, nga-
kho konke ukuqonda kwakhe
nangawo wonke amandla akhe
nokuthanda komuntu umakhe-
lwane wakhe njengoba ezitha-
nda yena kubaluleke ngaphe-
zu kwayo yonke iminikelo eshi-
swayo ephelele nemihlatshelo."[g]
**34** UJesu ebona ukuthi waye-
phendule ngokuhlakanipha, wa-
thi kuye: "Awukude noMbuso
kaNkulunkulu." Kodwa akekho
owaba nesibindi sokuphinde
ambuze omunye umbuzo.[a]

**35** Nokho, njengoba uJesu
ayeqhubeka nokufundisa ethe-
mpelini, wathi: "Basho kanja-
ni ababhali ukuthi uKristu uyi-
ndodana kaDavide?[b] **36** Ngo-
moya ongcwele,[c] uDavide ngo-
kwakhe wathi, 'UJehova* wa-
thi eNkosini yami: "Hlala nga-
kwesokudla sami ngize ngibe-
ke izitha zakho phansi kwezi-
nyawo zakho." '[d] **37** Uma uDa-
vide ngokwakhe embiza ngoku-
thi Nkosi, angaba kanjani indo-
dana yakhe?"[e]

Isixuku esikhulu sasimla-
lele ngenjabulo. **38** Njengoba
ayefundisa, waqhubeka wathi:
"Xwayani ababhali abathanda
ukuhambahamba begqoke izi-
ngubo ezinde nokubingelelwa
ezimakethe,[f] **39** nezihlalo ezi-
phambili* emasinagogeni nezi-
ndawo ezivelele kunazo zonke
ezidlweni zakusihlwa.[g] **40** Ba-
shaqa izindlu* zabafelokazi,
benza nemithandazo emide
ukuze babukise.# Laba bayo-
thola isahlulelo esinzima△ ka-
khulu."

**41** Wahlala phansi lapho
amabhokisi omnikelo[h] ebona-
kala khona, waqaphela indle-
la isixuku esasifaka nga-
yo imali emabhokisini omni-
kelo, abantu abaningi abacebi-
le babefaka izinhlamvu ezini-
ngi zemali.[i] **42** Kwabe sekuza
umfelokazi ohluphekayo, wa-
faka izinhlamvu zemali ezimbi-
li ezincane, eziyinani elinca-
ne kakhulu.*[j] **43** Ngakho wa-
biza abafundi bakhe wathi

**ISAHL. 12**

*a* Eks 3:2, 6; Mat 22:31; Luk 20:37
*b* Mat 22:32; Luk 20:38
*c* Mat 22:34-36
*d* Dut 6:4, 5; Jos 22:5; Mat 22:37; Luk 10:27
*e* Lev 19:18; Mat 22:39, 40; Rom 13:9; Gal 5:14; Jak 2:8
*f* Dut 4:39; Dut 6:4; Isay 45:21
*g* Dut 6:5; 1Sa 15:22; Hos 6:6

**Uhla 2**

*a* Mat 22:46
*b* Mat 22:42-45; Luk 20:41-44; Joh 7:42
*c* 2Sa 23:2; 2Ti 3:16; 2Pe 1:21
*d* Hu 110:1; IzE 2:34, 35; 1Ko 15:25; Heb 1:13
*e* Rom 1:3; IsA 22:16
*f* Luk 20:45-47
*g* Mat 23:6, 7; Luk 11:43
*h* 2Kh 12:9
*i* Luk 21:1
*j* Luk 21:2

---

**12:28** *Noma, "obaluleke kakhulu." **12:29, 30, 36** *Bheka iSithasiselo A5. **12:30** #Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**12:39** *Noma, "ezingcono." **12:40** *Noma, "indawo." #Noma, "bezenzisa." △Noma, "esikhulu." **12:42** *NgesiGreki, "amaleptoni amabili, okungamakhwadrani." Bheka iSithasiselo B14.

kubo: “Ngiqinisile ngithi kini,
lo mfelokazi ohluphekayo
ufake okungaphezu kokwa-
bo bonke abafake imali ema-
bhokisini omnikelo.[a] **44** Ngo-
ba bonke bafake okuvela ena-
leni yabo, kodwa yena, na-
kuba ehlupheka,* ufake konke
abenakho, konke abezoziphili-
sa ngakho.”[b]

**13** Njengoba ephuma ethe-
mpelini, omunye wabafu-
ndi bakhe wathi kuye: “Mfu-
ndisi, bheka ukuthi la ma-
tshe mahle kanjani nokuthi
lezi zakhiwo zinkulu kangaka-
nani!”[c] **2** Nokho, uJesu wathi
kuye: “Uyazibona lezi zakhiwo
ezinkulu? Akusoze kwashiywa
lapha itshe phezu kwetshe li-
ngadilizelwa phansi.”[d]

**3** Njengoba ayehlezi eNtabe-
ni Yeminqumo ithempeli libo-
nakala, uPetru, uJakobe, uJo-
hane no-Andreya bambuza lo
mbuzo ngasese: **4** “Sitshele,
ziyokwenzeka nini lezi zinto,
futhi yiluphi uphawu* esiyobo-
na ngalo lapho sekusondela isi-
phelo sazo zonke lezi zinto?”[e]
**5** Ngakho uJesu wathi kubo:
“Xwayani ukuba ningaduki-
swa muntu.[f] **6** Baningi aba-
yoza ngegama lami, bethi,
‘Nginguye,’ badukise abaningi.
**7** Ngaphezu kwalokho, lapho
nizwa ngezimpi nemibiko yezi-
mpi, ningethuki; lezi zinto ku-
mele zenzeke, kodwa ukuphela
kuyobe kungakafiki.[g]

**8** “Isizwe siyovukela isizwe
nombuso uvukele umbuso;[h]
kuyoba khona ukuzamazama
komhlaba ezindaweni ngezi-
ndawo; kuyoba khona noku-
sweleka kokudla.[i] Lokhu kuwu-
kuqala kwemihelo yokucinde-
zeleka.[j]

**12:44** *Noma, “eswele.” **13:4** *Noma, “isibonakaliso.”

**9** “Kodwa nina, kumele ni-
vule amehlo. Abantu bayonini-
kela ezinkantolo zendawo,[a] ni-
yoshaywa emasinagogeni,[b] ni-
miswe phambi kwababusi na-
makhosi ngenxa yami, ngale
ndlela ninganikeza ubufakazi
kubo.[c] **10** Futhi izindaba ezi-
nhle kumele zishunyayelwe ezi-
zweni zonke kuqala.[d] **11** La-
pho benithatha ukuze banini-
kele kubantu abayiziphathima-
ndla, ningakhathazeki kuse-
ngaphambili ngalokho enizo-
kusho; kodwa noma yini umo-
ya ongcwele othi yikhulume-
ni ngalelo hora aniboyikhulu-
ma, ngoba akunina enikhulu-
mayo, kodwa umoya ongcwe-
le.[e] **12** Ngaphezu kwalokho,
umuntu uyonikela ngomfowa-
bo ekufeni, uyise anikele
ngomntwana, nabantwana ba-
yovukela abazali, benze uku-
ba babulawe.[f] **13** Niyozondwa
abantu bonke ngenxa yegama
lami.[g] Kodwa lowo okhuthaze-
le* kwaze kwaba sekupheleni[h]
uyosindiswa.[i]

**14** “Nokho, lapho nibona
into enyanyekayo ebangela
incithakalo[j] imi lapho kungafa-
nele ibe khona (ofundayo ma-
kasebenzise ukuqonda), labo
abaseJudiya mababalekele ezi-
ntabeni.[k] **15** Umuntu ophezu
kwendlu makangehli noma
angene ngaphakathi ayokhipha
noma yini esendlini yakhe;
**16** umuntu osensimini maka-
ngabuyeli ezintweni ezisemu-
va ayothatha ingubo yakhe
yangaphandle. **17** Maye kwa-
besifazane abakhulelwe na-
kwabancelisayo ngalezo zinsu-
ku![l] **18** Thandazelani ukuba
kungenzeki ngesikhathi sase-
busika; **19** ngoba lezo zinsu-
ku ziyoba izinsuku zosizi[m] olu-

**13:13** *Noma, “okhuthazela.”

**ISAHL. 12**
a Luk 21:3; 2Ko 8:12
b Luk 21:4

**ISAHL. 13**
c Mat 24:1; Luk 21:5
d Lev 26:31; Mat 24:2; Luk 19:44; Luk 21:6
e Mat 24:3; Luk 21:7
f Mat 24:4, 5; Luk 21:8
g Mat 24:6; Luk 21:9
h IsA 6:4
i Mat 24:7; Luk 21:10, 11; IsA 6:6, 8
j Mat 24:8

**Uhla 2**
a IzE 4:15
b Mat 10:17; Joh 16:2
c Mat 24:9; Luk 21:12, 13; 2Ti 3:12; IsA 2:10
d Mat 24:14; Rom 10:18; IsA 14:6
e Eks 4:12; Mat 10:19, 20; Luk 12:11, 12; Luk 21:14, 15; IzE 4:8; IzE 6:9, 10
f Mik 7:6; Mat 10:21; Luk 21:16; 2Ti 3:1, 3
g Luk 21:17
h 2Ti 4:7; Heb 3:6
i Mat 10:22; Mat 24:13; Luk 21:19; IsA 2:10
j Dan 9:27; Dan 11:31
k Mat 24:15-20; Luk 21:20-23
l Luk 21:23; Luk 23:28
m IsA 7:14

ngakaze lube khona kusukela
ekuqaleni kwendalo eyadalwa
uNkulunkulu kuze kube manje,
nolungeke luphinde lube kho-
na.[a] **20** Empeleni, ukube uJe-
hova* akazifinyezanga lezo zi-
nsuku, akukho muntu obeyo-
sinda. Kodwa ngenxa yabakhe-
thiwe, abakhethwe nguye, uzi-
finyezile lezo zinsuku.[b]

**21** "Okunye futhi, uma noma
ubani ethi kini, 'Bhekani! Na-
ngu uKristu,' noma ethi, 'Bhe-
kani! Nanguya,' ningamkholwa.[c]
**22** Ngoba kuyovela oKristu ba-
manga nabaprofethi bamanga[d]
benze izibonakaliso nezimanga-
liso, ukuze badukise abakhethi-
we uma kungenzeka. **23** Nina
qaphelani.[e] Nginitshele zonke
izinto kusengaphambili.

**24** "Kodwa ngalezo zinsuku,
ngemva kwalolo sizi, ilanga li-
yoba mnyama, nenyanga ngeke
ikhanye,[f] **25** nezinkanyezi zi-
yowa ezulwini, namandla ama-
zulu ayonyakaziswa. **26** Bayo-
bona iNdodana yomuntu[g] iza
isemafwini inamandla amakhu-
lu nenkazimulo.[h] **27** Iyobe isi-
thuma izingelosi ziqoqele nda-
wonye abakhethiwe bakhe be-
vela kuzo zonke izinhlangothi,*
kusukela emkhawulweni wom-
hlaba kuye emkhawulweni we-
zulu.[i]

**28** "Manje fundani lo mfa-
nekiso esihlahleni somkhiwa-
ne: Lapho nje igatsha laso eli-
sha lithamba futhi liveza ama-
qabunga, niyazi ukuthi ihlo-
bo seliseduze.[j] **29** Ngokufana-
yo nani, lapho nibona lezi zinto
zenzeka, yazini ukuthi iNdo-
dana yomuntu iseduze, em-
nyango.[k] **30** Ngiqinisile ngithi
kini, lesi sizukulwane asiso-
ze sadlula* zingakenzeki zonke
lezi zinto.[a] **31** Izulu nomhlaba
kuyodlula,[b] kodwa amazwi ami
awasoze adlula.[c]

**32** "Ngokuphathelene nalolo
suku noma lelo hora, ake-
kho owaziyo, nazingelosi ezu-
lwini naNdodana, ngaphandle
kukaBaba.[d] **33** Hlalani nibhe-
kile, nihlale niphapheme,[e] ngo-
ba anazi ukuthi sinini isi-
khathi esimisiwe.[f] **34** Kunje-
ngomuntu owashiya indlu ya-
khe waya kude, wanika izi-
nceku zakhe igunya lokwenga-
mela indlu,[g] ngayinye wayini-
ka umsebenzi ezowenza, wa-
yala umlindisango ukuba ahla-
le elindile.[h] **35** Ngakho hlala-
ni nilindile, ngoba anazi uku-
thi inkosi yendlu iyobuya nini,[i]
ukuthi iyobuya ilanga selisho-
nile noma phakathi kwama-
bili noma ezintathakusa* noma
ekuseni kakhulu,[j] **36** ukuze
kuthi lapho ifika kungazelelwe,
inganitholi nilele.[k] **37** Kodwa
lokho engikusho kini ngikusho
kubo bonke: Hlalani nilindile."[l]

**14** IPhasika[m] noMkhosi We-
sinkwa Esingenamvube-
lo[n] kwakuzoba khona ngemva
kwezinsuku ezimbili.[o] Abapri-
sti abakhulu nababhali babefu-
na indlela yokumbamba* ngo-
buqili bambulale;[p] **2** kodwa
babethi: "Kungabi ngomkhosi;
mhlawumbe kungase kube na-
bantu abasusa isiyaluyalu."

**3** Ngesikhathi eseBhethani-
ya edla* endlini kaSimoni
onochoko, kweza owesifaza-
ne ephethe ibhodlela le-alabha-
ste lamafutha anamakha,
abiza kakhulu, inadi loqobo.
Wavula# ibhodlela le-alabhaste

---

**13:20** *Bheka iSithasiselo A5. **13:27** *NgesiGreki, "emimoyeni yomine."

**13:30** *Noma, "safa." **13:35** *NgesiGreki, "ngaphambi kokukhala kwequde." **14:1** *Noma, "yokumbopha." **14:3** *Noma, "ehlezi etafuleni." #NgesiGreki, "Waphula."

---

**ISAHL. 13**
- a Dan 12:1; Mat 24:21
- b Mat 24:22
- c Mat 24:23, 24; Luk 17:23; Luk 21:8; 1Jo 4:1
- d Mat 7:15
- e Mat 24:42; Efe 6:18; 2Pe 3:17
- f Mat 24:29; Luk 21:25, 26
- g Dan 7:13
- h Mat 24:30; Luk 21:27; IsA 1:7
- i Mat 24:31
- j Mat 24:32; Luk 21:29-33
- k Mat 24:33

**Uhla 2**
- a Mat 24:34; Luk 21:32
- b Isay 51:6
- c Jos 23:14; Isay 40:8; Mat 24:35
- d Mat 24:36; IzE 1:7
- e Rom 13:11; 1Th 5:6
- f Mat 25:13; Luk 21:34
- g Mat 25:14
- h Luk 12:35, 36
- i Mat 24:42
- j Luk 21:36
- k Mat 25:5
- l Hab 2:3

**ISAHL. 14**
- m Eks 12:3, 6; Lev 23:5
- n Lev 23:6
- o Joh 13:1
- p Mat 26:2-5; Luk 22:1, 2

wawathela ekhanda lakhe.[a]
4 Lapho bebona lokhu, abanye
bathukuthela bathi: "Kungani la
mafutha anamakha esaphazwa?
5 Ngoba la mafutha anama-
kha ngabe adayiswe ngode-
nariyu* abangaphezu kuka-300,
leyo mali yaphiwa abahlupheka-
yo!" Bamcasukela kakhulu.#
6 Kodwa uJesu wathi: "Myeke-
ni. Kungani nimkhathaza? We-
nze into enhle kimi.[b] 7 Ngo-
ba abahluphekayo nihlale nina-
bo,[c] ningabenzela okuhle noma
nini lapho nifuna, kodwa nge-
ke nibe nami ngaso sonke isi-
khathi.[d] 8 Wenze abengakwe-
nza; uthele umzimba wami
ngamafutha anamakha kuse-
ngaphambili, ecabanga ngo-
kungcwatshwa kwami.[e] 9 Ngi-
qinisile ngithi kini, nomaphi la-
pho izindaba ezinhle zishunya-
yelwa khona emhlabeni wonke,[f]
lokhu akwenzile lona wesifaza-
ne nakho kuyokhulunywa nga-
kho ukuze akhunjulwe."[g]

10 UJuda Iskariyothe, omu-
nye wabayiShumi Nambili,*
waya kubapristi abakhulu uku-
ze amnikele# kubo.[h] 11 La-
pho bekuzwa lokhu, bajabula
kakhulu bathembisa ukumni-
ka imali yesiliva.[i] Ngakho wa-
funa ithuba elikahle lokumkha-
phela.

12 Ngosuku lokuqala lweSi-
nkwa Esingenamvubelo,[j] la-
pho benikela ngomhlatshelo
wePhasika njengokujwayeleki-
le,[k] abafundi bakhe bathi kuye:
"Ufuna siyokulungisela ku-
phi lapho uzodlela khona iPha-
sika?"[l] 13 Wayesethuma aba-
bili kubafundi bakhe, wathi
kubo: "Hambani niye edo-
lobheni, nizohlangana nendo-
da ethwele imbiza yamanzi. Ni-
yilandele,[a] 14 nomaphi lapho
ingena khona, nithi kumnini-
ndlu, 'UMfundisi uthi: "Liphi
ikamelo lezimenywa enginga-
dlela kulo iPhasika kanye na-
bafundi bami?"' 15 Uzonibo-
nisa ikamelo elikhulu eliphe-
zulu, elinefenisha nelilungiswe
kahle. Nisilungisele khona."
16 Abafundi baphuma, bange-
na edolobheni, bathola kunje-
ngoba nje eshilo kubo, balungi-
selela iPhasika.

17 Sekuhlwile, weza nabayi-
Shumi Nambili.[b] 18 Njengoba
behlezi etafuleni bedla, uJesu
wathi: "Ngiqinisile ngithi kini,
omunye kini, odla kanye nami,
uzongikhaphela."[c] 19 Baqala
ukuba lusizi, ngamunye wathi
kuye: "Akumina, akunjalo?"
20 Wathi kubo: "Ngomunye
wabayiShumi Nambili, lowo
ogcobhoza kanye nami esitshe-
ni.[d] 21 INdodana yomuntu
iyahamba, njengoba nje kulo-
tshiwe ngayo, kodwa maye ku-
lowo muntu okhaphela iNdoda-
na yomuntu![e] Bekuyoba ngco-
no ngalowo muntu ukube wa-
yengazalwanga."[f]

22 Njengoba beqhubeka be-
dla, wathatha isinkwa, watha-
ndaza,* wasihlephula, wabani-
ka sona, wathi: "Thathani ni-
dle; lokhu kusho umzimba
wami."[g] 23 Wathatha indebe,
wabonga, wabanika yona, bo-
nke baphuza kuyo.[h] 24 Wa-
thi kubo: "Lokhu kusho 'igazi
lami[i] lesivumelwano,'[j] elizo-
thululwa ngenxa yabaningi.[k]
25 Ngiqinisile ngithi kini, nge-
ke ngiphinde ngiphuze um-
khiqizo wesihlahla samagile-
bhisi kuze kube yilolo suku
engiyowuphuza ngalo umu-
sha eMbusweni kaNkulunkulu."

---

**14:5** *Bheka iSithasiselo B14. #Noma, "Bamthethisa." **14:10** *Okuwukuthi, abaphostoli abangu-12. #Noma, "amkhaphele."

**14:22** *Noma, "washo isibusiso."

---

**ISAHL. 14**

a Mat 26:6-9; Joh 12:2-5
b Mat 26:10; Joh 12:7
c Dut 15:11
d Mat 26:11; Joh 12:8
e Mat 26:12; Joh 12:7
f Mat 24:14
g Mat 26:13
h Mat 26:14-16; Luk 22:3-6
i Zak 11:12
j Eks 12:15, 18; Eks 23:15
k Luk 22:1, 7
l Num 9:2; Mat 26:17-19

**Uhla 2**

a Luk 22:10-13
b Mat 26:20; Luk 22:14
c Hu 41:9; Mat 26:21, 22; Luk 22:21, 23; Joh 13:21, 22
d Mat 26:23
e Luk 22:22
f Mat 26:24
g Mat 26:26; Luk 22:19; 1Ko 11:23, 24
h Mat 26:27; 1Ko 10:16; 1Ko 11:25
i Eks 24:8; Lev 17:11; Heb 9:22
j Jer 31:31; Heb 7:22; Heb 9:15
k Isay 53:12; Mat 26:28; Luk 22:20

**26** Ekugcineni, ngemva koku-
cula izingoma zokudumisa,*
baphuma baya eNtabeni Yemi-
nqumo.[a]

**27** UJesu wathi kubo: “No-
nke nizokhubeka, ngoba ku-
lotshiwe ukuthi: ‘Ngizosha-
ya umalusi,[b] izimvu zihlaka-
zeke.’[c] **28** Kodwa ngemva ko-
kuba sengivusiwe, ngizoha-
mba kuqala kunani ngiye eGa-
lile.”[d] **29** Kodwa uPetru wathi
kuye: “Ngisho noma bonke aba-
nye bekhubeka, mina ngeke.”[e]
**30** UJesu wabe esethi kuye:
“Ngiqinisile ngithi kuwe, namu-
hla, yebo, ngabo lobu busuku,
ngaphambi kokuba iqhude li-
khale kabili, wena uzongiphika
kathathu.”[f] **31** Kodwa wayelo-
khu ephikelela ethi: “Ngisho
noma kungadingeka ngife ka-
nye nawe, angisoze ngakuphi-
ka.” Bonke abanye nabo basho
into efanayo.[g]

**32** Babe sebefika endawe-
ni okuthiwa iGetsemane, wathi
kubafundi bakhe: “Hlalani la-
pha phansi ngesikhathi ngisa-
thandaza.”[h] **33** Wathatha uPe-
tru noJakobe noJohane wa-
hamba nabo,[i] waqala ukuba lu-
sizi* nokukhathazeka kakhulu.
**34** Wathi kubo: “Ngilusizi ka-
khulu,[j] kuze kube seqophe-
lweni lokufa. Hlalani lapha ni-
linde.”[k] **35** Eya phambili ka-
ncane, waguqa wayesekhotha-
ma phansi wathandazela ukuba
lelo hora lidlule kuye uma ku-
ngenzeka. **36** Wathi: *“Abha,**
Baba,[l] uyakwazi ukwenza zo-
nke izinto; susa le ndebe kimi.
Nokho, kungabi yilokho okufu-
nwa yimi, kodwa kube yilokho
okufunwa nguwe.”[m] **37** Wabu-
ya, wabathola belele, wathi ku-
Petru: “Simoni, ulele yini? Awu-
banga nawo yini amandla oku-
hlala ulindile ihora elilodwa?[a]
**38** Hlalani nilindile futhi nitha-
ndaze njalo ukuze ningangeni
esilingweni.[b] Yebo, umoya uya-
fisa,* kodwa inyama ibutha-
kathaka.”[c] **39** Waphinde waha-
mba wayothandaza, esho oku-
fanayo.[d] **40** Waphinde wabuya
wabathola belele, ngoba amehlo
abo ayesinda, ngakho abazanga
ukuthi bamphendule bathini.
**41** Wabuya okwesithathu wathi
kubo: “Esikhathini esinjengalesi
nilele niphumule! Kwanele! Iho-
ra selifikile![e] Bhekani! INdoda-
na yomuntu isizokhashelwa eza-
ndleni zezoni. **42** Sukumani si-
hambe. Bhekani! Umkhapheli
wami useseduze.”[f]

**43** Masinyane, esakhuluma,
kwafika uJuda, omunye wabayi-
Shumi Nambili, ehamba nesixu-
ku siphethe izinkemba nemishi-
za, sithunywe abapristi abakhu-
lu nababhali namadoda amada-
la.[g] **44** Umkhapheli wakhe wa-
yebanike uphawu ababevume-
lene ngalo, ethi: “Lowo engi-
zomqabula esihlathini, nguye;
mbopheni nihambe naye ni-
qikelele ukuba angaphunyuki.”
**45** Wasondela waqonda ngqo
kuye, wathi, “Rabi!” Wamqabu-
la esihlathini. **46** Ngakho ba-
mbamba bambopha. **47** No-
kho, omunye kulabo ababe-
mi lapho wahosha inkemba ya-
khe wagalela encekwini yom-
pristi ophakeme, wasusa indle-
be yayo.[h] **48** Kodwa uJesu wa-
thi kubo: “Ingabe nizele ukuzo-
bopha mina niphethe izinkemba
nemishiza njengokungathi ni-
zobopha isigebengu?[i] **49** Usu-
ku nosuku benginani ethempe-
lini ngifundisa,[j] kodwa aningi-
bophanga. Noma kunjalo, lokhu

**14:26** *Noma, “amahubo.” **14:33** *Noma, “ukushaqeka.” **14:36** *Igama lesiHebheru noma lesi-Aramu elisho ukuthi “O Baba!”

**14:38** *Noma, “uyathanda.”

**ISAHL. 14**
*a* Mat 26:30; Luk 22:39; Joh 18:1
*b* Isay 53:5; Dan 9:26
*c* Zak 13:7; Mat 26:31-33; Mat 26:56; Mar 14:50; Joh 16:32
*d* Mar 16:7
*e* Luk 22:31-33; Joh 13:37
*f* Mat 26:34; Luk 22:34; Joh 13:38
*g* Mat 26:35
*h* Mat 26:36, 37; Luk 22:39-41; Joh 18:1
*i* Mar 9:2
*j* Joh 12:27
*k* Mat 26:38
*l* Rom 8:15; Gal 4:6
*m* Mat 26:39; Luk 22:42; Joh 6:38; Heb 5:7

**Uhla 2**
*a* Mat 26:40; Luk 22:45
*b* Mat 6:13; Luk 11:4; Luk 22:46
*c* Mat 26:41; Rom 7:23
*d* Mat 26:42-46
*e* Joh 13:1
*f* Joh 18:2
*g* Mat 26:47-51; Luk 22:47-51; Joh 18:3
*h* Mat 26:51; Luk 22:50; Joh 18:10
*i* Mat 26:55, 56; Luk 22:52, 53
*j* Luk 19:47; Joh 18:20

kwenzeka ukuze kugcwaliseke
imiBhalo.”[a]
**50** Bonke bamshiya babale-
ka.[b] **51** Kodwa insizwa ethile
eyayigqoke ingubo yelineni eli-
colekile kuphela emzimbeni
wayo onqunu yamlandela, ba-
zama ukuyibamba, **52** kodwa
yashiya ingubo yayo yelineni
ngemuva yabaleka inqunu.*
**53** Ngemva kwalokho uJe-
su bamyisa kumpristi ophake-
me,[c] bonke abapristi abakhu-
lu namadoda amadala naba-
bhali bahlangana.[d] **54** Kodwa
uPetru, ebuqamama, wamla-
ndela waze wafika egceke-
ni lompristi ophakeme; wa-
yehlezi nezikhonzi zasendlini
otha umlilo omkhulu.[e] **55** Ma-
nje abapristi abakhulu nayo yo-
nke iSanhedrini babefuna ubu-
fakazi obulahla uJesu ukuze
bambulale, kodwa ababutho-
langa.[f] **56** Ngempela abaningi
babenikeza ubufakazi obunga-
manga ngaye,[g] kodwa ubu-
fakazi babo babungavumelani.
**57** Abathile babesukuma bafa-
kaze amanga ngaye, bathi:
**58** “Samuzwa ethi, ‘Ngizodili-
za leli thempeli elenziwa ngeza-
ndla, kuthi ngezinsuku ezinta-
thu ngakhe elinye elingenzi-
wanga ngezandla.’”[h] **59** Ko-
dwa ngisho naphezu kwalezo
zizathu, ubufakazi babo babu-
ngavumelani.
**60** Umpristi ophakeme wabe
esesukuma phakathi kwabo wa-
buza uJesu, wathi: “Akukho
ongaziphendulela ngakho? Awu-
zwa yini ukuthi laba bantu ba-
fakaza bathini ngawe?”[i] **61** Ko-
dwa wayelokhu ethule futhi aka-
zange aphendule nhlobo.[j] Um-
pristi ophakeme waphinde wa-
mbuza wathi kuye: “Ingabe
unguKristu iNdodana kaNku-
lunkulu Ongcwele?” **62** UJe-
su waphendula wathi: “Ngi-
nguye; futhi nizobona iNdoda-
na yomuntu[a] ihlezi ngakweso-
kudla[b] sikaNkulunkulu Ona-
mandla iza namafu ezulu.”[c]
**63** Umpristi ophakeme wavele
waklebhula izingubo zakhe wa-
thi: “Sisabadingelani ofakazi?[d]
**64** Nikuzwile ukuhlambalaza.
Niphuma nasiphi isinqumo?”*
Bonke bamlahla ngecala bethi
ufanelwe ukufa.[e] **65** Abanye
baqala ukumkhafulela,[f] bambo-
za ubuso bakhe bamshaya na-
ngezibhakela, bethi kuye: “Pro-
fetha!” Izikhonzi zasenkantolo
zamthatha, zimshaya ngezimpa-
ma.[g]
**66** Ngesikhathi uPetru enge-
zansi egcekeni, kweza enye ya-
mantombazane ayizinceku zom-
pristi ophakeme.[h] **67** Lapho
ibona uPetru otha umlilo, yam-
gqolozela yathi: “Nawe futhi
ubunalo mNazaretha, lo Jesu.”
**68** Kodwa waphika, wathi:
“Angimazi futhi angazi uku-
thi ukhuluma ngani,” waphuma
waya ngasesangweni. **69** Ese-
lapho intombazane eyinceku ya-
mbona, yaphinde yathi kulabo
ababemi lapho: “Lona ungomu-
nye wabo.” **70** Waphinde wa-
phika. Ngemva kwesikhasha-
na, labo ababemi lapho baphi-
nde bathi kuPetru: “Impela
ungomunye wabo, ngoba eqini-
sweni ungowaseGalile.” **71** Ko-
dwa waqala ukuqalekisa noku-
funga ethi: “Angimazi lo muntu
enikhuluma ngaye!” **72** Masi-
nyane iqhude lakhala okwesi-
bili,[i] uPetru wakukhumbula lo-
kho uJesu ayemtshele kona:
“Ngaphambi kokuba iqhude li-
khale kabili, uzongiphika katha-
thu.”[j] Wahluleka ukuzibamba,
wakhala.

---

**14:52** *Noma, “igqoke ingubo yanga-phansi kuphela.”

**14:64** *Noma, “Nicabangani?”

---

ISAHL. 14
*a* Hu 22:6, Isay 53:7, Dan 9:26, Luk 22:37
*b* Zak 13:7, Mat 26:31, Joh 16:32
*c* Joh 18:13
*d* Mat 26:57, Luk 22:54, 55
*e* Mat 26:58, Joh 18:15
*f* Mat 26:59, 60
*g* Hu 35:11
*h* Mat 26:61, Mar 15:29, Joh 2:19
*i* Mat 26:62, 63
*j* Isay 53:7, 1Pe 2:23

Uhla 2
*a* Dan 7:13
*b* Hu 110:1, Efe 1:20, Kol 3:1
*c* Mat 24:30, Mat 26:64, Luk 21:27, IsA 1:7
*d* Mat 26:65, 66
*e* Lev 24:16, Joh 19:7
*f* Isay 50:6, Isay 53:3, Mat 26:67, 68
*g* Luk 22:63-65
*h* Mat 26:69-75, Luk 22:55-62, Joh 18:25, 26
*i* Joh 18:27
*j* Mat 26:34, Mar 14:30, Luk 22:34, Joh 13:38

# 15
Ngokushesha ekuntwele-
ni kokusa, abapristi aba-
khulu kanye namadoda amada-
la nababhali, okuwukuthi, yo-
nke iSanhedrini, bahlangana
babonisana, bambopha uJesu,
bahamba naye bamnikela ku-
Pilatu.[a] **2** Ngakho uPilatu wa-
mbuza lo mbuzo: "Ingabe uyi-
yo iNkosi yamaJuda?"[b] Waphe-
ndula wathi: "Wena ngokwa-
kho uyasho."[c] **3** Kodwa aba-
pristi abakhulu babembeka
icala ngezinto eziningi.
**4** UPilatu waphinde wambuza,
wathi: "Awunayo yini impendu-
lo?[d] Awubheke ukuthi maningi
kangakanani amacala abaku-
mangalela ngawo."[e] **5** Kodwa
uJesu akabange esaphendula,
uPilatu wamangala.[f]

**6** Umkhosi nomkhosi waye-
vame ukubakhululela isibo-
shwa esisodwa ababesiceli-
le.[g] **7** Ngaleso sikhathi kwa-
kunendoda okwakuthiwa uBha-
raba eyayiboshwe namavuke-
la-mbuso, okwakuthe ekuvuke-
leni kwawo umbuso abulala.
**8** Ngakho isixuku sakhuphu-
ka sacela lokho uPilatu aye-
vame ukusenzela kona. **9** Wa-
siphendula, wathi: "Ingabe ni-
funa nginikhululele iNkosi ya-
maJuda?"[h] **10** Ngoba uPilatu
wayeqaphela ukuthi abapristi
abakhulu babemnikele ngenxa
yomona.[i] **11** Kodwa abapristi
abakhulu babhebhezela isixu-
ku ukuba simenze asikhulule-
le uBharaba esikhundleni si-
kaJesu.[j] **12** UPilatu ephendu-
la waphinde wathi kuso: "Ma-
nje ngenzeni ngalowo enimbi-
za ngokuthi iNkosi yamaJu-
da?"[k] **13** Saphinda sameme-
za sathi: "Makabethelwe esi-
gxotsheni!"[l] **14** Kodwa uPila-
tu wabe esethi kuso: "Ngasiza-
thu sini? Yini embi ayenzile?"
Noma kunjalo samemeza na-
kakhulu sithi: "Makabethelwe*
esigxotsheni!"[a] **15** UPilatu,
efisa ukujabulisa isixuku, wa-
sikhululela uBharaba; ngemva
kokuyala ukuba uJesu abhaxa-
bulwe,[b] wamnikela ukuba abu-
lawe* esigxotsheni.[c]

**16** Amasosha abe esemyi-
sa egcekeni, okuwukuthi, emzi-
ni wombusi, abizela ndawonye
wonke amabutho.[d] **17** Am-
gqokisa indwangu ephephu-
li, aluka umqhele wameva
amthwesa wona; **18** ameme-
za athi kuye: "Sawubona* Nko-
si yamaJuda!"[e] **19** Ayemsha-
ya ekhanda ngomhlanga, em-
khafulela, futhi aguqa ngama-
dolo amkhothamela.* **20** Eku-
gcineni, ngemva kokuhlekisa
ngaye, amkhumula indwangu
ephephuli amgqokisa izingubo
zakhe zangaphandle. Amyisa
ngaphandle ukuze ayombethe-
la esigxotsheni.[f] **21** Aphoqa
umuntu othile owayedlula, uSi-
moni othile waseKhurene, owa-
yevela emaphandleni, uyise ka-
Aleksandru noRufu, ukuba am-
thwalele isigxobo sakhe soku-
hlushwa.*[g]

**22** Ngakho amyisa endawe-
ni ebizwa ngokuthi i-*Golgo-
tha,* okusho ukuthi, uma kuhu-
nyushwa, "iNdawo Yogebhezi."[h]
**23** Lapho, afike azama uku-
mnika iwayini elifakwe isidaka-
mizwa semure,[i] kodwa akali-
phuzanga. **24** Ambethela esi-
gxotsheni, abelana ngezingu-
bo zakhe zangaphandle ese-
benzisa inkatho, ukuze anqu-
me ukuthi ubani ozothatha
ini.[j] **25** Kwase kuyihora lesitha-
thu* ngesikhathi embethela.

**15:14** *Noma, "Mbulale." **15:15** *Noma, "abethelwe." **15:18** *Noma, "Mawudunyiswe." **15:19** *Noma, "amkhonza." **15:21** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **15:25** *Okuwukuthi, ngabo-9:00 ekuseni.

**ISAHL. 15**

*a* Hu 2:2; Mat 27:1, 2; Luk 22:66; Joh 18:28; IzE 3:13; IzE 4:26
*b* Joh 18:33, 37
*c* Mat 27:11-14; Luk 23:3
*d* Mat 26:62
*e* Joh 19:9, 10
*f* Isay 53:7
*g* Mat 27:15-18; Joh 18:39
*h* Luk 23:16
*i* Mat 21:38
*j* Mat 27:20-23; IzE 3:14
*k* Luk 23:20-25
*l* Joh 19:6

**Uhla 2**

*a* IzE 3:13; IzE 13:28
*b* Joh 19:1
*c* Mat 27:24, 26
*d* Mat 27:27-31
*e* Joh 19:3
*f* Joh 19:16
*g* Mat 27:32; Luk 23:26
*h* Mat 27:33-37; Luk 23:33; Joh 19:17; Heb 13:12
*i* Hu 69:21
*j* Hu 22:18; Joh 19:23, 24

**26** Umbhalo oqoshiwe wecala
ayebekwe lona wawuthi: "INkosi
YamaJuda."[a] **27** Ngaphezu
kwalokho, abethela ezigxotshe-
ni abaphangi ababili kanye naye,
omunye ngakwesokudla sakhe
omunye ngakwesobunxele sa-
khe.[b] **28** *— **29** Abantu aba-
dlulayo babemhlambalaza, beni-
kina amakhanda[c] bethi: "Klibhi!
Wena owawuzodiliza ithempeli
ubuye ulakhe ngezinsuku ezi-
ntathu,[d] **30** zisindise ngokwe-
hla esigxotsheni sokuhlushwa."*
**31** Ngendlela efanayo, nabapri-
sti abakhulu kanye nababhali
babehlekisa ngaye bethi: "Aba-
nye wabasindisa; yena aka-
kwazi ukuzisindisa![e] **32** UKri-
stu, iNkosi yakwa-Israyeli, make-
hle manje esigxotsheni sokuhlu-
shwa,* ukuze sibone futhi sikho-
lwe."[f] Ngisho nalabo ababebe-
thelwe kanye naye ezigxotsheni
babemhlambalaza.[g]

**33** Lapho kuba yihora lesi-
thupha,* kwaba mnyama ezwe-
ni lonke kwaze kwaba yiho-
ra lika-9.#[h] **34** Ngehora lika-9,
uJesu wamemeza ngezwi eli-
khulu wathi: *"Eli, Eli, lama
sabakthani?"* okusho ukuthi,
uma kuhunyushwa: "Nkulunku-
lu wami, Nkulunkulu wami,
ungishiyeleni?"[i] **35** Abanye
kwababemi eduze, lapho be-
zwa lokho, bathi: "Bheka-
ni! Ubiza u-Eliya." **36** Umu-
ntu othile wagijima, wacwilisa
isipontshi ewayinini elimuncu,
wasihloma emhlangeni waye-
semphuzisa,[j] ethi: "Myekeni!
Ake sibone ukuthi u-Eliya uzo-
za yini ezomehlisa." **37** Ko-
dwa uJesu wakhala kakhulu
wabe esefa.*[k] **38** Ikhethini le-
ndlu engcwele[a] ladabuka laba
izingxenye ezimbili kusukela
phezulu kuya phansi.[b] **39** La-
pho isikhulu sebutho, esasimi
endaweni esasikwazi ukumbo-
na kuyo, sibona ukuthi ufe
ngaphansi kwalezi zimo, sathi:
"Ngokuqinisekile lo muntu ube-
yiNdodana kaNkulunkulu."[c]

**40** Kwakukhona nabesifaza-
ne ababebukele bekude, phaka-
thi kwabo kunoMariya Magda-
lena kanye noMariya unina ka-
Jakobe Omncane noJose, ku-
khona noSalome,[d] **41** ababe-
vame ukuhamba naye bemkho-
nza[e] lapho eseGalile, nabanye
besifazane abaningi ababekhu-
phuke kanye naye beza eJeru-
salema.

**42** Manje njengoba kwase ku-
ntambama kakhulu, futhi nje-
ngoba kwakuwusuku loku-
Lungiselela, okuwukuthi, usu-
ku lwangaphambi kweSabatha,
**43** kweza uJosefa wase-Arima-
theya, ilungu loMkhandlu eline-
dumela elihle, naye ngokwakhe
owayelindele uMbuso kaNkulu-
nkulu. Waqunga isibindi wange-
na phambi kukaPilatu, wacela
isidumbu sikaJesu.[f] **44** Kodwa
uPilatu wazibuza ukuthi waye-
sefile yini, wabe esebiza isikhu-
lu sebutho, wasibuza ukuthi wa-
yesefile yini uJesu. **45** Ngakho
ngemva kokuqinisekisa esikhu-
lwini sebutho, wanika uJosefa
isidumbu. **46** Ngemva kwalo-
kho, wathenga ilineni elisezi-
ngeni eliphezulu wehlisa umzi-
mba wakhe, wamsonga ngale-
lo lineni elisezingeni eliphe-
zulu wambeka ethuneni[g] ela-
liqoshwe edwaleni; wagingqa
itshe laze layofika emnyango
wethuna.[h] **47** Kodwa uMariya
Magdalena noMariya unina ka-
Jose babelokhu bebuka lapho
ayebekwe khona.[i]

---

**15:28** *Bheka iSithasiselo A3. **15:30, 32** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **15:33** *Okuwukuthi, ngabo-12:00 emini. #Okuwukuthi, ngabo-3:00 ntambama. **15:37** *Noma, "waphefumula okokugcina."

**ISAHL. 15**

*a* Mat 27:29, 37; Luk 23:38; Joh 19:19
*b* Mat 27:38
*c* Hu 22:7; Hu 109:25; Isay 53:3
*d* Mat 27:39-42; Mar 14:58
*e* Luk 23:35
*f* Mat 16:4
*g* Mat 27:44; 1Pe 2:23
*h* Mat 27:45; Luk 23:44
*i* Hu 22:1; Mat 27:46-49
*j* Hu 69:21; Joh 19:29
*k* Hu 31:5; Mat 27:50; Luk 23:46; Joh 19:30

**Uhla 2**

*a* Eks 26:31-33; Heb 6:19
*b* Mat 27:51; Luk 23:45; Heb 10:19, 20
*c* Mat 27:54; Luk 23:47
*d* Mat 27:55, 56; Luk 23:49
*e* Luk 8:2, 3
*f* Dut 21:22, 23; Mat 27:57, 58; Luk 23:50-52; Joh 19:38
*g* Isay 53:9
*h* Mat 27:59, 60; Luk 23:53; Joh 19:40
*i* Mat 27:61; Luk 23:55

**16** Ngakho lapho iSabatha[a]
seliphelile, uMariya Ma-
gdalena, uMariya[b] unina kaJa-
kobe noSalome, bathenga izi-
qholo ukuze bamgcobe nga-
zo emzimbeni.[c] **2** Ekuseni ka-
khulu ngosuku lokuqala lwe-
sonto lapho ilanga seliphumi-
le, bafika ethuneni.[d] **3** Babe-
thi komunye nomunye: “Ubani
ozosigingqela itshe alisuse em-
nyango wethuna?” **4** Kodwa
lapho bephakamisa amehlo, ba-
bona ukuthi itshe ligingqi-
we lasuswa, nakuba lalilikhu-
lu kakhulu.[e] **5** Lapho benge-
na ethuneni, babona insizwa
ihlezi ngakwesokudla igqoke
ingubo emhlophe, bashaqeka.
**6** Yathi kubo: “Musani uku-
shaqeka.[a] Nifuna uJesu um-
Nazaretha, obulawelwe esi-
gxotsheni. Uvusiwe.[b] Akekho
lapha. Bhekani! Nansi inda-
wo abebembeke kuyo.[c] **7** Ko-
dwa hambani, nitshele abafu-
ndi bakhe noPetru ukuthi,
‘Usendleleni eya eGalile.[d] Nizo-
mbona khona, njengoba nje
enitshelile.’ ”[e] **8** Ngakho lapho
bephuma ethuneni, babaleka,
bethuthumela futhi beshaqeki-
le ngenxa yokwesaba. Aba-
shongo lutho kumuntu ngoba
babesaba.*[f]

**ISAHL. 16**
*a* Eks 20:8, 9
*b* Mat 28:1
*c* Luk 23:55, 56
*d* Luk 24:1; Joh 20:1
*e* Luk 24:2, 3

**Uhla 2**
*a* Luk 24:4
*b* Mar 8:31; Luk 18:33; IzE 4:10
*c* Mat 28:5, 6
*d* Mat 26:32; Mar 14:28
*e* Mat 28:7
*f* Mat 28:8; Luk 24:9

**16:8** *Ngokwemibhalo yokuqala enokwethenjelwa, iVangeli LikaMarku iphela ngamazwi atholakala evesini 8. Bheka iSithasiselo A3.

## NGOKUKA-
# LUKA

**UHLU LOKUPHAKATHI**

1 Incwadi eya kuTheyofilu (1-4)
Ukuzalwa kukaJohane uMbhapathizi kubikezelwa uGabriyeli (5-25)
Ukuzalwa kukaJesu kubikezelwa uGabriyeli (26-38)
UMariya uvakashela u-Elizabethe (39-45)
UMariya udumisa uJehova (46-56)
Ukuzalwa nokuqanjwa igama kukaJohane (57-66)
Isiprofetho sikaZakariya (67-80)

2 Ukuzalwa kukaJesu (1-7)
Izingelosi zibonakala kubelusi (8-20)
Ukusokwa nokuhlanzwa (21-24)
USimeyoni ubona uKristu (25-35)
U-Ana ukhuluma ngomntwana (36-38)
Baphindela eNazaretha (39, 40)
UJesu oneminyaka engu-12 usethempelini (41-52)

3 Isiqalo somsebenzi kaJohane (1, 2)
UJohane ushumayela ngobhapathizo (3-20)
Ubhapathizo lukaJesu (21, 22)
Uhlu lozalo lukaJesu Kristu (23-38)

4 UDeveli ulinga uJesu (1-13)
UJesu uqala ukushumayela eGalile (14, 15)
UJesu akemukelwa eNazaretha (16-30)
Esinagogeni eKapernawume (31-37)
Kwelashwa umkhwekazi kaSimoni nabanye (38-41)
Izixuku zithola uJesu endaweni engenabantu (42-44)

5 Kubanjwa izinhlanzi ngokuyisimangaliso; abafundi bokuqala (1-11)
Kwelashwa onochoko (12-16)
UJesu welapha okhubazekile (17-26)
UJesu ubiza uLevi (27-32)
Umbuzo mayelana nokuzila ukudla (33-39)

6 UJesu, "iNkosi yeSabatha" (1-5)
Kwelashwa umuntu onesandla esishwabene (6-11)
Abaphostoli abangu-12 (12-16)
UJesu uyafundisa elaphe (17-19)
Ukujabula nomaye (20-26)
Ukuthanda izitha (27-36)
Yekani ukwahlulela (37-42)
Saziwa ngesithelo saso (43-45)
Indlu eyakhiwe kahle; indlu engenaso isisekelo esiqinile (46-49)

7 Ukholo lwesikhulu sebutho (1-10)
UJesu uvusa indodana yomfelokazi eNayini (11-17)
Kudunyiswa uJohane uMbhapathizi (18-30)
Isizukulwane esingalaleli siyalahlwa (31-35)
Owesifazane oyisoni uyathethelelwa (36-50)
Umfanekiso wabantu abakweletayo (41-43)

8 Abesifazane abahamba noJesu (1-3)
Umfanekiso womhlwanyeli (4-8)
Okwenza uJesu wasebenzisa imifanekiso (9, 10)
Kuchazwa umfanekiso womhlwanyeli (11-15)
Isibani akufanele simbozwe (16-18)
Unina kaJesu nabafowabo (19-21)
UJesu uthulisa isiphepho (22-25)
UJesu uthumela amademoni ezingulubeni (26-39)
Indodakazi kaJayiru; owesifazane uthinta ingubo kaJesu yangaphandle (40-56)

9 Abangu-12 bathola iziyalezo zokwenza inkonzo (1-6)
UHerode uyadideka ngenxa kaJesu (7-9)
UJesu upha abangu-5 000 ukudla (10-17)
UPetru utshela uJesu ukuthi unguKristu (18-20)
Kubikezelwa ukufa kukaJesu (21, 22)
Abafundi beqiniso (23-27)
Ukushintshwa isimo kukaJesu (28-36)
Kwelashwa umfana onedemoni (37-43a)
Ukufa kukaJesu kuyabikezelwa futhi (43b-45)
Abafundi baphikisana ngokuthi ubani omkhulu (46-48)
Noma ubani ongamelene nathi ungakithi (49, 50)
Umuzi wamaSamariya ulahla uJesu (51-56)
Indlela yokulandela uJesu (57-62)

10 UJesu uthuma abangu-70 (1-12)
Maye emadolobheni angaphenduki (13-16)
Abangu-70 bayabuya (17-20)
UJesu udumisa uYise ngokubabonisa umusa abathobekile (21-24)
Umfanekiso womSamariya ongumakhelwane (25-37)
UJesu uvakashela uMarta noMariya (38-42)

11 Indlela yokuthandaza (1-13)
Umthandazo oyisibonelo (2-4)
Amademoni axoshwa ngomunwe kaNkulunkulu (14-23)
Umoya omubi uyabuya (24-26)
Injabulo yangempela (27, 28)
Isibonakaliso sikaJona (29-32)
Isibani somzimba (33-36)
Maye kubazenzisi benkolo (37-54)

12 Imvubelo yabaFarisi (1-3)
Yesabani uNkulunkulu, hhayi abantu (4-7)
Ukuqaphela ukuba munye noKristu (8-12)
Umfanekiso wendoda ecebile eyisiwula (13-21)
Yekani ukukhathazeka (22-34)
Umhlambi omncane (32)
Ukuqapha (35-40)
Umphathi othembekile nongathembekile (41-48)
Hhayi ukuthula, kodwa ukuhlukana (49-53)
Isidingo sokuhlola izikhathi (54-56)
Ukulungisa izingxabano (57-59)

13 Phendukani noma nibhujiswe (1-5)
Umfanekiso wesihlahla somkhiwane esingatheli (6-9)
Owesifazane olunyonga welashwa ngeSabatha (10-17)
Umfanekiso wohlamvu lwesinaphi nemvubelo (18-21)
Kudingeka ukuzikhandla ukuze kungenwe ngomnyango omncane (22-30)
UHerode, "leyo mpungushe" (31-33)
UJesu ukhalela iJerusalema (34, 35)

14 Umuntu onesifo sokuvuvuka welashwa ngeSabatha (1-6)
Yiba isimenywa esithobekile (7-11)
Memani labo abangenakunibuyisela ngalutho (12-14)
Umfanekiso wezimenywa ezabeka izaba (15-24)
Okudingekayo ukuze ube umfundi (25-33)
Usawoti ophelelwa ubusawoti bawo (34, 35)

15 Umfanekiso wemvu elahlekile (1-7)
Umfanekiso wohlamvu lwemali olulahlekile (8-10)
Umfanekiso wendodana yolahleko (11-32)

16 Umfanekiso womphathi ongalungile (1-13)
“Umuntu othembekile kokuncane kakhulu uthembekile nakokukhulu” (10)
UMthetho noMbuso kaNkulunkulu (14-18)
Umfanekiso wesicebi noLazaru (19-31)

17 Ukukhubeka, ukuthethelela kanye nokholo (1-6)
Izinceku ezingelusizo lwalutho (7-10)
Kwelashwa abanochoko abayishumi (11-19)
Ukuza koMbuso kaNkulunkulu (20-37)
UMbuso kaNkulunkulu “uphakathi kwenu” (21)
“Khumbulani umkaLoti” (32)

18 Umfanekiso womfelokazi ophikelelayo (1-8)
UmFarisi nomqoqi wentela (9-14)
UJesu nabantwana (15-17)
Umbuzo wombusi oyisicebi (18-30)
Ukufa kukaJesu kuyabikezelwa futhi (31-34)
Isinxibi esiyimpumputhe siyabona futhi (35-43)

19 UJesu uvakashela uZakewu (1-10)
Umfanekiso womina abayishumi (11-27)
Ukungena kukaJesu ngokunqoba (28-40)
UJesu ukhalela iJerusalema (41-44)
UJesu uhlanza ithempeli (45-48)

20 Igunya likaJesu libekelwa inselele (1-8)
Umfanekiso wabalimi abangababulali (9-19)
UNkulunkulu noKhesari (20-26)
Umbuzo mayelana novuko (27-40)
Ingabe uKristu uyindodana kaDavide? (41-44)
Isixwayiso ngababhali (45-47)

21 Izinhlamvu ezimbili zomfelokazi ohluphekayo (1-4)
ISIBONAKALISO SOKUZOKWENZEKA (5-36)
Izimpi, ukuzamazama komhlaba okukhulu, izifo eziwumshayabhuqe, ukusweleka kokudla (10, 11)
IJerusalema lizungezwe amabutho (20)
Izikhathi ezimisiwe zezizwe (24)
Ukuza kweNdodana yomuntu (27)
Umfanekiso wesihlahla somkhiwane (29-33)
Hlalani niphapheme (34-36)
UJesu ufundisa ethempelini (37, 38)

22 Abapristi baceba ukubulala uJesu (1-6)
Amalungiselelo ePhasika lokugcina (7-13)
Ukusungulwa kweSidlo SeNkosi Sakusihlwa (14-20)
‘Umuntu ozonginikela ukanye nami etafuleni’ (21-23)
Impikiswano eshubile ngokuthi ubani omkhulu (24-27)
Isivumelwano sikaJesu sombuso (28-30)
Ukuphika kukaPetru kuyabikezelwa (31-34)
Isidingo sokuma ngomumo; izinkemba ezimbili (35-38)
Umthandazo kaJesu eNtabeni Yeminqumo (39-46)
UJesu uyaboshwa (47-53)
UPetru uphika uJesu (54-62)
Kuhlekiswa ngoJesu (63-65)
Icala phambi kweSanhedrini (66-71)

23 UJesu uphambi kukaPilatu noHerode (1-25)
UJesu nezigebengu ezimbili balengiswa ezigxotsheni (26-43)
“Uyokuba nami ePharadesi” (43)
Ukufa kukaJesu (44-49)
Ukungcwatshwa kukaJesu (50-56)

24 UJesu uyavuswa (1-12)
Endleleni eya e-Emawuse (13-35)
UJesu ubonakala kubafundi (36-49)
UJesu unyukela ezulwini (50-53)

# 1

1 Nakuba abaningi behlanga-
nise amaqiniso esiwakhole-
lwa ngokugcwele futhi bawa-
bhala phansi,[a] 2 njengoba nje
adluliselwa kithi yilabo ababe-
ngofakazi bokuzibonela[b] nala-
bo abamemezela izwi lika-
Nkulunkulu kusukela ekuqa-
leni,[c] 3 nami, ngenxa yokuthi
ngizilandele ngokunembile zo-
nke izinto kusukela ekuqaleni,
nganquma ukuba ngikubhalele
zona ngokuhleleka, Theyofilu[d]
ohlonipheke kakhulu, 4 uku-
ze ubazi ngokugcwele ubuqini-
so bezinto ozifundiswe ngo-
mlomo.[e]

5 Ezinsukwini zikaHerode,*[f]
inkosi yaseJudiya, kwakukho-
na umpristi ogama lakhe li-
nguZakariya wesigaba sika-
Abhiya.[g] Umkakhe wayemtha-
the emadodakazini ka-Aroni,
igama lakhe kungu-Elizabethe.
6 Bobabili babelungile pha-
mbi kukaNkulunkulu, beha-
mba ngokungasoleki ngokuvu-
melana nayo yonke imiyalo ka-
Jehova* nezinto azifunayo ezi-
ngokomthetho. 7 Kodwa ba-
bengenabantwana, ngoba u-Eli-
zabethe wayeyinyumba, boba-
bili base bekhulile impela.

8 Njengoba ayekhonza nje-
ngompristi esabelweni sesi-
gaba sakhe[h] phambi kuka-
Nkulunkulu, 9 ngokwenqu-
bo# emisiwe yobupristi, kwa-
ba yithuba lakhe lokuba ani-
kele ngempepho[i] lapho enge-
na endlini engcwele kaJeho-
va.*[j] 10 Lonke uquqaba lwa-
bantu lwaluthandaza ngapha-
ndle ngehora lokunikela nge-
mpepho. 11 Ingelosi kaJeho-
va* yabonakala kuye, imi ohla-
ngothini lwesokudla lwe-alta-
re lempepho. 12 Kodwa uZa-
kariya wakhathazeka ngalokho
ayekubona, wafikelwa ukwe-
saba. 13 Nokho, ingelosi ya-
thi kuye: "Ungesabi Zakariya,
ngoba ukunxusa kwakho ku-
zwakele, umkakho u-Elizabethe
uzokuzalela indodana, kume-
le uyiqambe ngokuthi uJoha-
ne.[a] 14 Uyojabula futhi utho-
koze kakhulu, nabantu aba-
ningi bayojabula ngokuzalwa
kwayo,[b] 15 ngoba iyoba umu-
ntu omkhulu phambi kukaJe-
hova.*[c] Kodwa akumele neze
iphuze iwayini noma obunye
utshwala,[d] iyogcwala umoya
ongcwele ngisho nangaphambi
kokuba izalwe,#[e] 16 iyobuyi-
sela abaningi kubantwana ba-
kwa-Israyeli kuJehova* uNku-
lunkulu wabo.[f] 17 Iyohamba
phambi kwakhe ngomoya na-
ngamandla ka-Eliya,[g] ukuze
ibuyisele izinhliziyo zoyise ku-
bantwana[h] nabangalaleli ibabu-
yisele ekuhlakanipheni okuse-
benzayo kwabalungile, ukuze
yenze abantu babe isizwe esi-
kulungele ukukhonza uJeho-
va."*[i]

18 UZakariya wathi engelo-
sini: "Ngingaqiniseka kanja-
ni ngalokhu? Ngoba sengimda-
la, nomkami usekhulile impe-
la." 19 Ingelosi yamphendula
yathi: "NginguGabriyeli[j] fu-
thi ngihlezi ngiphambi kuka-
Nkulunkulu,[k] ngithunywe uku-
ba ngikhulume nawe, ngime-
mezele lezi zindaba ezinhle
kuwe. 20 Kodwa bheka! Uzo-
thula ungakwazi ukukhuluma
kuze kube usuku okwenzeka
ngalo lezi zinto, ngoba awu-
wakholwanga amazwi ami azo-
gcwaliseka ngesikhathi sawo
esimisiwe." 21 Phakathi nale-

---

**1:5** * Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **1:6, 9, 11, 15-17** * Bheka iSithasiselo A5. **1:9** # Noma, "ngokwesiko."

**1:15** # Noma, "kusukela khona kanye esibelethweni sikanina."

---

ISAHL. 1
a Joh 20:30, 31
b Joh 15:27; 1Pe 5:1; 2Pe 1:16
c Heb 2:3
d IzE 1:1
e Joh 20:30, 31
f Mat 2:1
g 1Kr 24:3, 10
h 1Kr 24:1, 19; 2Kr 8:14; 2Kr 31:2
i Eks 30:7, 8
j Eks 40:5

Uhla 2
a Luk 1:59, 60
b Luk 1:57, 58
c Luk 7:28
d Num 6:2, 3; Mat 11:18
e Jer 1:5; Rom 9:10-12
f Mal 4:6
g Mat 11:13, 14; Mat 17:10-12
h Mal 4:5, 6
i Isay 40:3; Mal 3:1
j Dan 8:16; Dan 9:21; Luk 1:26, 27
k Heb 1:7, 14

so sikhathi, abantu babelo-
khu belinde uZakariya, kwa-
kubamangaza ukuthi use-
ndlini engcwele isikhathi esi-
de kangaka. **22** Lapho ephu-
ma, wayengasakwazi ukukhu-
luma nabo, baqonda uku-
thi wayesanda kubona umbo-
no endlini engcwele. Wayelo-
khu ekhuluma nabo ngezi-
mpawu, elokhu eyisimungu-
lu. **23** Lapho izinsuku zenko-
nzo yakhe engcwele* seziphel-
le, wahamba waya ekhaya.

**24** Ngemva kwezinsuku ezi-
thile, u-Elizabethe umkakhe
wakhulelwa, wazifihla izinya-
nga ezinhlanu, ethi: **25** "Yile
ndlela uJehova* asebenzela-
ne nami ngayo kulezi zinsuku.
Ungikhumbulile ukuze asuse
isihlamba sami phakathi kwa-
bantu."[a]

**26** Ngenyanga yakhe yesi-
thupha, uNkulunkulu wathuma
ingelosi uGabriyeli[b] ukuba iye
edolobheni laseGalile okuthi-
wa iNazaretha, **27** entombini[c]
eyayithembisene umshado ne-
ndoda evela emndenini kaDavi-
de egama layo linguJosefa,
igama laleyo ntombi kwaku-
nguMariya.[d] **28** Lapho inge-
na, ingelosi yathi kuyo: "Sa-
wubona wena oboniswe umu-
sa omkhulu, uJehova* unawe."
**29** Kodwa lawo mazwi ayipha-
zamisa kakhulu yazibuza uku-
thi hlobo luni lokubingelela
lolu. **30** Ngakho ingelosi yathi
kuyo: "Ungesabi Mariya, ngoba
uthole umusa kuNkulunkulu.
**31** Bheka! Uzokhulelwa, ubele-
the indodana,[e] kumele uyiqa-
mbe ngokuthi uJesu.[f] **32** Iyo-
ba umuntu omkhulu[g] ibizwe
ngokuthi iNdodana YoPhezu-
konke,[h] uJehova* uNkulunku-
lu uyoyinika isihlalo sobukho-
si sikaDavide uyise,[a] **33** iyo-
busa njengeNkosi phezu kwe-
ndlu kaJakobe kuze kube pha-
kade, noMbuso wayo ngeke
uphele."[b]

**34** Kodwa uMariya wathi
engelosini: "Kuzokwenzeka ka-
njani lokhu njengoba nginge-
namyeni?"*[c] **35** Ingelosi yam-
phendula yathi: "Umoya
ongcwele uzokwehlela phe-
zu kwakho,[d] amandla oPhe-
zukonke azokwehlela kuwe.*
Ngenxa yalokho, lowo oze-
lwe kuyothiwa ungcwele,[e] uyo-
bizwa ngokuthi iNdodana ka-
Nkulunkulu.[f] **36** U-Elizabethe
isihlobo sakho naye ukhule-
lwe indodana, ekugugeni kwa-
khe, lena inyanga yakhe ye-
sithupha, yena lo okuthiwa
uyinyumba; **37** ngoba akuna-
simemezelo* esingeke sifezeke
kuNkulunkulu."[g] **38** UMariya
wabe esethi: "Bheka! Inceku-
kazi kaJehova!* Kwangathi ku-
ngenzeka kimi ngokuvumelana
nesimemezelo sakho." Ngemva
kwalokho ingelosi yasuka yaha-
mba.

**39** Ngakho uMariya wasuka
ngalezo zinsuku waphuthuma
ezweni elinezintaba, edolobhe-
ni lakwaJuda, **40** waya emzini
kaZakariya wabingelela u-Eliza-
bethe. **41** Njengoba u-Eliza-
bethe ezwa uMariya ebinge-
lela, usana olwalusesibelethwe-
ni sakhe lwagxuma, u-Elizabe-
the wagcwala umoya ongcwe-
le, **42** wamemeza kakhulu wa-
thi: "Ubusisiwe wena phaka-
thi kwabesifazane, ubusisiwe
umntwana oyomzala! **43** Kwe-
nzeka kanjani ukuba leli lu-
ngelo libe ngelami, ukuba uni-
na weNkosi yami eze kimi?

---

**ISAHL. 1**

*a* Gen 30:22, 23; 1Sa 1:10, 11
*b* Dan 8:16; Luk 1:19
*c* Isay 7:14
*d* Mat 1:18
*e* Gal 4:4
*f* Mat 1:21-23; Luk 2:21
*g* Flp 2:9-11; 1Ti 6:15
*h* Mat 27:54; Joh 1:49

**Uhla 2**

*a* 2Sa 7:8, 12; Hu 132:11; Isay 9:7; Isay 11:1, 10; Jer 23:5; Mat 1:1
*b* Dan 2:44; Dan 7:13, 14; Heb 1:8
*c* Isay 7:14; Mat 1:24, 25
*d* Mat 1:18, 20
*e* Joh 6:68, 69
*f* Mat 14:33; Joh 1:32, 34; Joh 20:31
*g* Gen 18:14; Mat 19:26

---

**1:23** *Noma, "zokukhonza kwakhe umphakathi." **1:25, 28, 32, 38** *Bheka iSithasiselo A5.

**1:34** *Noma, "njengoba ngingayi ocansini nendoda." **1:35** *Noma, "azokumboza." **1:37** *Noma, "akunalutho."

**44** Ngoba, bheka! Lapho nje
ngikuzwa ubingelela, usana
olusesibelethweni sami luve-
le lwagxuma ngenxa yenja-
bulo. **45** Uyajabula owesifaza-
ne ozikholwayo izinto atshelwe
zona, ngoba uJehova* uyozi-
gcwalisa zonke lezo zinto.”

**46** UMariya wathi: “Umphe-
fumulo# wami uyamdumisa
uJehova,*[a] **47** umoya wami
awukwazi ukungachichimi inja-
bulo ngoNkulunkulu uMsindisi
wami,[b] **48** ngoba ubheke uku-
ba phansi kwencekukazi ya-
khe.[c] Bheka! Kusukela ma-
nje zonke izizukulwane zizothi
ngiyajabula,[d] **49** ngoba Lowo
onamandla ungenzele izenzo
ezinkulu, lingcwele igama la-
khe,[e] **50** esizukulwaneni nge-
sizukulwane isihe sakhe si-
phezu kwalabo abamesaba-
yo.[f] **51** Wenze izenzo zama-
ndla ngengalo yakhe; ubahla-
kazile labo ababonisa uku-
thi bayaqhosha ezinhliziywe-
ni zabo.[g] **52** Wehlise amado-
da anamandla ezihlalweni zo-
bukhosi[h] waphakamisa aba-
phansi;[i] **53** abalambile ubasu-
thise ngezinto ezinhle,[j] aba-
nengcebo wabahambisa bela-
mbatha. **54** Umsizile u-Israye-
li inceku yakhe, ekhumbula
isihe sakhe,[k] **55** njengoba nje
asho kokhokho bethu, ku-Abra-
hama nasenzalweni* yakhe,[l]
kuze kube phakade.” **56** UMa-
riya wahlala naye cishe izinya-
nga ezintathu, wabe esebuyela
ekhaya.

**57** Safika isikhathi sokuba
u-Elizabethe abelethe, waza-
la indodana. **58** Omakhelwa-
ne nezihlobo zakhe bezwa uku-
thi uJehova* umbonise isihe
esikhulu, bajabula kanye naye.[a]
**59** Ngosuku luka-8 bafika bezo-
soka umntwana,[b] babezomqa-
mba ngegama likayise, uZaka-
riya. **60** Kodwa unina waphe-
ndula wathi: “Lutho! Uzobizwa
ngokuthi uJohane.” **61** Babe
sebethi kuye: “Asikho nesiso-
dwa isihlobo sakho esibizwa
ngaleli gama.” **62** Babe sebe-
buza uyise besebenzisa izandla
ukuthi ufuna abizwe ngokuthi-
ni. **63** Wacela itshe eliyisica-
ba wabhala ukuthi: “NguJoha-
ne igama lakhe.”[c] Bonke bama-
ngala. **64** Ngaso leso sikhathi
umlomo wakhe wavuleka, ulimi
lwakhe lwakhululeka, waqala
ukukhuluma,[d] edumisa uNkulu-
nkulu. **65** Bonke omakhelwa-
ne babo baqala ukwesaba, kwa-
khulunywa ngazo zonke lezi zi-
nto kulo lonke izwe laseJudiya
elinezintaba. **66** Bonke abe-
zwa ngakho bakugcina ezinhli-
ziyweni zabo, bethi: “Uyoba
nhloboni yomuntu lo mntwana
lapho esekhulile?” Ngoba nge-
mpela isandla sikaJehova* sasi-
naye.

**67** UZakariya uyise wagcwa-
la umoya ongcwele, wapro-
fetha wathi: **68** “Makadunyi-
swe uJehova* uNkulunkulu ka-
Israyeli,[e] ngoba ubakhumbuli-
le abantu bakhe wabakhulu-
la.[f] **69** Usiphakamisele upho-
ndo lwensindiso*[g] endlini ka-
Davide inceku yakhe,[h] **70** nje-
ngoba nje ekhulumile ngomlo-
mo wabaprofethi bakhe aba-
ngcwele bakudala;[i] **71** ukhu-
lume ngokusisindisa ezitheni
zethu nasesandleni sabo bonke
abasizondayo;[j] **72** ukuze abo-
nise okhokho bethu isihe futhi
akhumbule isivumelwano sa-

**1:45, 46, 58, 66, 68** *Bheka iSithasiselo A5. **1:46** #Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **1:55** *NgesiGreki, “nasembewini.”

**1:69** *Noma, “umsindisi onamandla.” Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama, “Uphondo.”

**ISAHL. 1**

*a* 1Sa 2:1
*b* 2Sa 22:3; Isay 43:3; Hab 3:18; Tit 1:3; Jud 25
*c* 1Sa 1:10, 11
*d* Luk 11:27
*e* Hu 71:19; Hu 111:9
*f* Hu 103:17
*g* 2Sa 22:28
*h* Job 12:19
*i* 1Sa 2:7
*j* 1Sa 2:5; Hu 34:10; Hu 107:9
*k* Hu 98:3; Isay 41:8, 9
*l* Gen 17:19; Mik 7:20; Gal 3:16

**Uhla 2**

*a* Luk 1:14
*b* Gen 17:10, 12; Lev 12:2, 3
*c* Luk 1:13
*d* Luk 1:20
*e* 1Kh 1:48; Hu 41:13; Hu 72:18; Hu 106:48
*f* Hu 111:9; Luk 7:16
*g* 1Sa 2:10
*h* Hu 132:17
*i* Jer 23:5; Dan 9:24
*j* Hu 106:10

khe esingcwele,[a] **73** isifungo
asifunga ku-Abrahama ukho-
kho wethu,[b] **74** ukuze ngemva
kokuba sesikhululiwe ezandle-
ni zezitha, asinike ilungelo lo-
kunikela kuye inkonzo engcwe-
le ngesibindi, **75** ngobuqotho
nokulunga phambi kwakhe zo-
nke izinsuku zethu. **76** Ko-
dwa wena, mntwana, uyobi-
zwa ngokuthi ungumprofethi
woPhezukonke, ngoba uJeho-
va* uyokuthumela kusengapha-
mbili ukuba ulungise izindle-
la zakhe,[c] **77** unike abantu
bakhe ulwazi lwensindiso ngo-
kuthethelelwa kwezono zabo,[d]
**78** ngenxa yozwela lukaNku-
lunkulu wethu. Uzwela oluve-
la ezulwini luyokhanya njenge-
langa phezu kwethu, **79** uku-
ze lukhanyisele labo abahlezi
ebumnyameni nasethunzini lo-
kufa,[e] luqondise izinyawo zethu
endleleni yokuthula.”

**80** Umntwana wakhula emzi-
mbeni nasemoyeni,* wahlala
ogwadule kwaze kwaba usu-
ku lokuziveza kwakhe obala ku-
Israyeli.

**2** Ngalezo zinsuku, uKhesari
Awugustu wakhipha umya-
lo wokuba kubhaliswe bonke
abahlala emhlabeni. **2** (Lo-
khu kubhalisa kokuqala kwe-
nzeka lapho uKhureniyu engu-
mbusi waseSiriya.) **3** Bonke
abantu bahamba bayobhaliswa,
yilowo nalowo edolobheni la-
kubo. **4** UJosefa[f] naye wa-
khuphuka eGalile, esuka edo-
lobheni laseNazaretha, waya
eJudiya, edolobheni likaDavi-
de, elibizwa ngokuthi iBhetle-
hema,[g] ngenxa yokuba kwakhe
ilungu lendlu nomndeni ka-
Davide. **5** Wahamba noMariya
ukuze bayobhaliswa, lowo aye-
seshade naye njengoba kwa-
kuthenjisiwe,*[a] owayesezobele-
tha.[b] **6** Ngesikhathi belapho,
kwafika isikhathi sokuba abe-
lethe. **7** Wazala indodana, izi-
bulo,[c] wayisonga ngezindwa-
ngu wayibeka emkhombeni,[d]
ngoba abalitholanga ikamelo
endaweni yezihambi.

**8** Kuso leso sifunda, kwa-
kunabelusi ababehlala ngapha-
ndle begada imihlambi yabo
ebusuku. **9** Kungazelelwe,
ingelosi kaJehova* yama pha-
mbi kwabo, babezungezwe
ukukhanya kwenkazimulo ka-
Jehova,* besaba kakhulu.
**10** Kodwa ingelosi yathi kubo:
“Ningesabi, ngoba bhekani!
Ngimemezela kini izindaba ezi-
nhle ezizolethela bonke aba-
ntu injabulo enkulu. **11** Ngo-
ba namuhla nizalelwe umsindi-
si,[e] onguKristu iNkosi,[f] edo-
lobheni likaDavide.[g] **12** Na-
khu enizombona ngakho: Ni-
zothola usana lusongwe ngezi-
ndwangu lulele emkhombeni.”
**13** Kungazelelwe, kwaba nebu-
tho elikhulu lasezulwini ka-
nye nale ngelosi,[h] lidumisa
uNkulunkulu lithi: **14** “Dumi-
sani uNkulunkulu osezulwini,
abantu uNkulunkulu ababonisa
umusa* emhlabeni bayoba no-
kuthula.”

**15** Ngakho lapho izingelosi
sezisukile kubo zaya ezulwini,
abelusi bakhuluma bodwa be-
thi: “Masihambe siye eBhetle-
hema siyobona okwenzekile, lo-
kho uJehova* asazise kona.”
**16** Bahamba ngokushesha, ba-
thola uMariya, uJosefa, ka-
nye nosana lulele emkhombeni.
**17** Lapho bebona lokho, bawu-
sabalalisa umyalezo ababe-
tshelwe wona ngokuphathelene

**1:76; 2:9, 15** *Bheka iSithasiselo A5.
**1:80** *NgesiGreki, “waqina emoyeni.”

**2:5** *Noma, “noMariya umkakhe ukuze bayobhaliswa.” **2:14** *Noma, “abemukelayo.”

**ISAHL. 1**

*a* Gen 17:7, Lev 26:42, Hu 106:45, 46
*b* Gen 22:15-18, Hu 105:8, 9, Mik 7:20
*c* Isay 40:3, Mal 3:1, Mat 3:3
*d* Mar 1:4
*e* Hu 107:10, Isay 9:2, Mat 4:16

**ISAHL. 2**

*f* Mat 1:16
*g* 1Sa 16:1, Mik 5:2, Mat 2:6

**Uhla 2**

*a* Luk 1:26, 27
*b* Mat 1:18
*c* Mat 1:25
*d* Isay 53:2
*e* Isay 9:6
*f* IzE 2:36, Flp 2:11
*g* 1Sa 20:6
*h* Dan 7:10, IsA 5:11

nalo mntwana. **18** Bonke abezwa ngakho bamangala ngezinto ababezitshelwa abelusi, **19** kodwa uMariya wawagcina engqondweni yakhe wonke la mazwi, efinyelela iziphetho enhliziyweni yakhe.[a] **20** Abelusi babe sebephindela emuva, bekhazimulisa uNkulunkulu futhi bemdumisa ngazo zonke izinto ababezizwile nababezibonile, njengoba nje babezitsheliwe.

**21** Ngemva kwezinsuku ezingu-8, lapho sekuyisikhathi sokuba asokwe,[b] waqanjwa ngokuthi uJesu, igama aliqanjwa ingelosi ngaphambi kokuba unina amkhulelwe.[c]

**22** Lapho kufika isikhathi sokuba bahlanzwe ngokoMthetho KaMose,[d] bamnyusela eJerusalema ukuze bamethule kuJehova,* **23** njengoba nje kulotshiwe eMthethweni kaJehova* ukuthi: "Wonke amazibulo esilisa# kumele kuthiwe angcwele kuJehova."*[e] **24** Banikela umhlatshelo ngokwalokho okushiwo eMthethweni kaJehova:* "amahobhe amabili noma amaphuphu amabili amajuba."[f]

**25** Kwakukhona umuntu eJerusalema owayebizwa ngokuthi uSimeyoni, lo muntu wayelungile futhi esaba uNkulunkulu, elindele induduzo ka-Israyeli,[g] umoya ongcwele wawuphezu kwakhe. **26** Ngaphezu kwalokho, wayambulelwe ngokwaphezulu ngumoya ongcwele ukuthi wayengeke akubone ukufa ngaphambi kokuba abone uKristu kaJehova.* **27** Engaphansi kwamandla omoya, wangena ethempelini, njengoba abazali bengenisa umntwana uJesu ukuze benze kuye inqubo ejwayelekile elotshwe eMthethweni,[a] **28** wamthatha umntwana wambeka ezingalweni zakhe, wadumisa uNkulunkulu wathi: **29** "Manje, Nkosi EnguMbusi, uyayivumela inceku yakho ukuba ihambe ngokuthula,[b] ngokwesimemezelo sakho, **30** ngoba amehlo ami ayibonile indlela yakho yensindiso[c] **31** oyilungiselele phambi kwabo bonke abantu,[d] **32** ukukhanya[e] kokususa umgubuzelo ezizweni[f] nenkazimulo yabantu bakho u-Israyeli." **33** Uyise nonina womntwana baqhubeka bemangele ngezinto ezazikhulunywa ngaye. **34** USimeyoni wababusisa, wathi kuMariya unina womntwana: "Bheka! Lo mntwana umiselwe ukuwa[g] nokuvuka kwabaningi kwa-Israyeli[h] nokuba abe isibonakaliso okuyokhulunywa kabi ngaso[i] **35** (yebo, inkemba ende iyodatshuliswa kuwe*),[j] ukuze imicabango yezinhliziyo eziningi yambuleke."

**36** Kwakukhona umprofethikazi, u-Ana, indodakazi kaFanuweli, wesizwe sakwa-Asheri. Lona wesifazane wayesekhulile impela, ephile nomyeni wakhe iminyaka eyisikhombisa kusukela ngesikhathi abashada ngaso,* **37** wayengumfelokazi owayeseneminyaka engu-84 ubudala. Wayengakaze aphuthe ethempelini, enikela inkonzo engcwele ubusuku nemini ngokuzila ukudla nangokunxusa. **38** Ngalo kanye lelo hora wasondela wabonga kuNkulunkulu, wakhuluma ngomntwana kubo bonke ababelindele ukukhululwa kweJerusalema.[k]

---

**2:22-24, 26** *Bheka iSithasiselo A5.
**2:23** #NgesiGreki, "Bonke abesilisa abavula isibeletho."
**2:35** *Noma, "emphefumulweni wakho."
**2:36** *NgesiGreki, "ebuntombini bakhe."

**ISAHL. 2**
*a* Luk 2:51
*b* Gen 17:10, 12; Lev 12:2, 3
*c* Mat 1:20, 21; Luk 1:30, 31
*d* Lev 12:2, 4
*e* Eks 13:2, 12; Eks 22:29; Num 3:13; Num 8:17
*f* Lev 12:6, 8
*g* Isay 40:1; Isay 49:13

**Uhla 2**
*a* Lev 12:6, 7
*b* Gen 46:30
*c* Isay 52:10; Luk 3:4, 6; IzE 4:12
*d* Isay 40:5
*e* Isay 9:2; Mat 4:16
*f* Isay 11:10; Isay 42:6; Isay 49:6; IzE 13:47; IzE 26:23
*g* Isay 8:14
*h* 1Ko 1:23, 24
*i* IzE 28:22; 1Pe 2:7, 8
*j* Joh 19:25
*k* Isay 52:9; Mar 15:43; Luk 2:25

**39** Ngakho lapho sebefe-
ze zonke izinto ngokoMthetho
kaJehova,*[a] baphindela eGali-
le edolobheni lakubo, eNazare-
tha.[b] **40** Umntwana waqhube-
ka ekhula futhi eqina, egcwala
ukuhlakanipha, umusa kaNku-
lunkulu waqhubeka uphezu
kwakhe.[c]
**41** Abazali bakhe babejwa-
yele ukuya eJerusalema unya-
ka nonyaka beyogubha umkho-
si wePhasika.[d] **42** Lapho ese-
neminyaka engu-12 ubudala,
bakhuphuka ngokwesiko lom-
khosi.[e] **43** Lapho seziphelile
izinsuku zomkhosi sebebuye-
la emuva, umfana uJesu wa-
sala emuva eJerusalema, ko-
dwa abazali bakhe abaqa-
phelanga. **44** Becabanga uku-
thi useqenjini elihambisana
nabo, bahamba ibanga elinga-
thatha usuku, ngemva kwalo-
kho baqala ukumcinga phaka-
thi kwezihlobo nabajwayelene
nabo. **45** Kodwa njengoba be-
ngamtholi, babuyela eJeru-
salema bamfunisisa. **46** No-
kho, ngemva kwezinsuku ezi-
ntathu bamthola ethempelini,
ehlezi phakathi kwabafundisi
ebalalele futhi ebabuza imibu-
zo. **47** Kodwa bonke ababe-
mlalele babelokhu bemangele
ngenxa yokuqonda kwakhe ne-
zimpendulo zakhe.[f] **48** Lapho
abazali bakhe bembona, ba-
mangala, unina wathi kuye:
"Mntanami, yini le osenze
yona? Mina noyihlo besikufu-
na sikhathazekile." **49** Kodwa
wathi kubo: "Kungani beningi-
funa? Beningazi yini ukuthi ku-
mele ngibe sendlini kaBaba?"[g]
**50** Nokho, abazange bakuqo-
nde lokho ayekusho kubo.
**51** Wehla nabo babuyela
eNazaretha, waqhubeka ezi-
thoba kubo.*[h] Unina wawa-
gcina ngokucophelela wonke
la mazwi enhliziyweni yakhe.[a]
**52** UJesu waqhubeka ekhu-
la futhi ezuza ukuhlakanipha.
Wathola umusa kuNkulunkulu
nakubantu.

**3** Ngonyaka ka-15 wokubusa
kukaTiberiyu Khesari, la-
pho uPontiyu Pilatu engumbusi
waseJudiya, uHerode*[b] engu-
mbusi wesifunda waseGalile,
uFiliphu umfowabo engumbu-
si wesifunda wezwe lase-Itu-
reya nelaseTrakhoniti, uLisani-
ya engumbusi wesifunda wase-
Abhilene, **2** ezinsukwini zom-
pristi omkhulu u-Anase nezika-
Kayafase,[c] kwafika isimemeze-
lo sikaNkulunkulu kuJohane[d]
indodana kaZakariya ehlane.[e]
**3** Ngakho waya kulo lonke
izwe elizungeze iJordani, eshu-
mayela ngokuthi ukubhapathi-
zwa kuwuphawu lokuphendu-
ka ukuze kuthethelelwe izo-
no,[f] **4** njengoba nje kulotshi-
we encwadini yamazwi ka-Isa-
ya umprofethi: "Kukhona ome-
meza ehlane ethi, 'Lungisani
indlela kaJehova!* Yenzani izi-
ndlela zakhe ziqonde.[g] **5** Zo-
nke izigodi kumele zigcwali-
swe, kuhlelenjwe zonke izinta-
ba namagquma; izindlela ezi-
gwegwile kumele ziqonde nezi-
ndlela ezimagebhugebhu zihle-
lenjwe; **6** bonke abantu ba-
yobona insindiso kaNkulunku-
lu.' "*[h]
**7** Ngakho wathi ezixukwini
ezaziphuma zizobhapathizwa
nguye: "Nzalo yezinyoka, uba-
ni onixwayise ukuba niba-
lekele ulaka oluzayo?[i] **8** Nga-
kho-ke, thelani izithelo ezibo-
nisa ukuphenduka. Ningalinge

ISAHL. 2
a Lev 12:6
b Mat 2:23; Luk 1:26
c Luk 2:52
d Eks 23:14, 15; Dut 16:16
e Eks 34:23
f Hu 119:99; Mat 7:28; Mar 1:22; Joh 7:15
g Joh 2:16
h Eks 20:12; Dut 5:16; Efe 6:1; Kol 3:20

Uhla 2
a Luk 2:19

ISAHL. 3
b Mat 14:1; Luk 23:6, 7
c Mat 26:57; Joh 18:13; Joh 18:24; IzE 4:5, 6
d Joh 1:6
e Luk 1:80
f Mat 3:1, 2; Mar 1:4; Luk 1:76, 77
g Mat 3:3; Mar 1:3; Joh 1:23
h Isay 40:3-5; Luk 2:30; IzE 28:28
i Mat 3:7-10; Mat 23:33

**2:39; 3:4** * Bheka iSithasiselo A5. **2:51** * Noma, "ebalalela."

**3:1** * Okuwukuthi, uHerode Antipase. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **3:6** * Noma, "indlela kaNkulunkulu yokusindisa."

nizitshele ukuthi, 'Ubaba we-
thu ngu-Abrahama.' Ngoba ngi-
thi kini uNkulunkulu uyakwa-
zi ukuvezela u-Abrahama aba-
ntwana kula matshe. **9** Nge-
mpela, imbazo isibekiwe empa-
ndeni yezihlahla. Ngakho zo-
nke izihlahla ezingatheli izithe-
lo ezinhle zizogawulwa zipho-
nswe emlilweni."[a]

**10** Izixuku zazimbuza zithi:
"Yini-ke okufanele siyenze?"
**11** Waphendula wathi kuzo:
"Umuntu onezingubo ezimbi-
li* makabelane nomuntu onge-
nayo neyodwa, nalowo onoku-
dliwayo makenze okufanayo."[b]
**12** Ngisho nabaqoqi bentela
beza bezobhapathizwa,[c] bathi
kuye: "Mfundisi, kufanele se-
nzeni?" **13** Wathi kubo: "Ni-
ngafuni* lutho ngaphezu kwe-
ntela enqunyiwe."[d] **14** Ama-
sosha nawo ambuza: "Kufane-
le senzeni?" Wathi kuwo: "Ni-
ngahluphi* muntu noma nibe-
ke umuntu icala lamanga,[e] ko-
dwa yaneliswani ngenikulungi-
selelwe."#

**15** Abantu babelindele futhi
bonke bezindla ezinhliziywe-
ni zabo ngoJohane bethi, "Ku-
ngenzeka yini ukuthi unguKri-
stu?"[f] **16** UJohane waphendu-
la, wathi kubo bonke: "Mina
nginibhapathiza ngamanzi, ko-
dwa uyeza onamandla kuna-
mi, engingakufanelekeli uku-
qaqa amabhande ezimbada-
da zakhe.[g] Uzonibhapathiza
ngomoya ongcwele nangomli-
lo.[h] **17** Uphethe ifosholo la-
khe lokuhlunga, ukuze asihla-
nze sonke isibuya sakhe, abu-
thele ukolweni enqolobaneni
yakhe, kodwa amakhoba uyo-
washisa ngomlilo ongacime-
ki."

**18** Wabanikeza nezinye ize-
luleko eziningi, waqhube-
ka ememezela izindaba ezi-
nhle kubantu. **19** Kodwa uHe-
rode umbusi wesifunda, nge-
nxa yokuthi uJohane wamso-
la ngokuphathelene noHerodi-
ya umkamfowabo nangoku-
phathelene nazo zonke ize-
nzo ezimbi uHerode ayezenzi-
le, **20** wanezela nalokhu kuzo
zonke lezo zenzo: Wavalela
uJohane ejele.[a]

**21** Lapho bonke abantu se-
bebhapathiziwe, uJesu naye wa-
bhapathizwa.[b] Njengoba ayetha-
ndaza, izulu lavuleka,[c] **22** no-
moya ongcwele usesimweni se-
juba, wehlela phezu kwakhe,
kwavela izwi ezulwini lithi:
"Wena uyiNdodana yami etha-
ndekayo; ngikwamukele."[d]

**23** Lapho uJesu[e] eqala
umsebenzi wakhe, wayenemi-
nyaka engaba ngu-30 ubudala,[f]
kucatshangwa ukuthi uyindo-
dana
kaJosefa,[g]
indodana kaHeli,
**24** indodana kaMathati,
indodana kaLevi,
indodana kaMeliki,
indodana kaJanayi,
indodana kaJosefa,
**25** indodana kaMatathiya,
indodana ka-Amose,
indodana kaNahume,
indodana ka-Eseli,
indodana kaNagayi,
**26** indodana kaMahati,
indodana kaMatathiya,
indodana kaSemeyini,
indodana kaJoseki,
indodana kaJoda,
**27** indodana kaJowanani,
indodana kaResa,
indodana kaZerubhabhele,[h]
indodana kaSheyalitiyeli,[i]
indodana kaNerayi,

---

**3:11** *Noma, "onenye ingubo." **3:13** *Noma, "Ningaqoqi." **3:14** *Noma, "Ningaphambi." #Noma, "umholo wenu."

ISAHL. 3
a Mat 7:19
b 1Ti 6:18; Jak 2:15, 16; 1Jo 3:17
c Mat 21:32; Luk 7:29
d Luk 19:8
e Eks 23:1, 7; Lev 19:11
f Joh 1:25
g Joh 1:26, 27
h Mat 3:11, 12; Mar 1:7, 8; IzE 2:1, 4

Uhla 2
a Mat 14:3-5; Mar 6:17-20
b Mat 3:13
c Mat 3:16; Mar 1:9, 10
d Hu 2:7; Mat 3:17; Mat 17:5; Mar 1:11; Joh 1:32-34
e Mat 1:1-17
f Num 4:2, 3
g Mat 1:16; Mat 13:55; Luk 4:22; Joh 6:42
h Ezr 3:2
i 1Kr 3:17; Mat 1:12

28 indodana kaMeliki,
indodana ka-Adi,
indodana kaKosamu,
indodana ka-Elimadamu,
indodana ka-Eri,
29 indodana kaJesu,
indodana ka-Eliyezeri,
indodana kaJorimi,
indodana kaMathati,
indodana kaLevi,
30 indodana kaSimeyoni,
indodana kaJuda,
indodana kaJosefa,
indodana kaJonamu,
indodana ka-Eliyakimi,
31 indodana kaMeleya,
indodana kaMena,
indodana kaMathata,
indodana kaNathani,[a]
indodana kaDavide,[b]
32 indodana kaJese,[c]
indodana ka-Obede,[d]
indodana kaBhowazi,[e]
indodana kaSalimoni,[f]
indodana kaNaheshoni,[g]
33 indodana ka-Aminadaba,
indodana ka-Arani,
indodana kaHezironi,
indodana kaPherezi,[h]
indodana kaJuda,[i]
34 indodana kaJakobe,[j]
indodana ka-Isaka,[k]
indodana ka-Abrahama,[l]
indodana kaThera,[m]
indodana kaNahori,[n]
35 indodana kaSerugi,[o]
indodana kaRehu,[p]
indodana kaPhelege,[q]
indodana ka-Ebhere,[r]
indodana kaShela,[s]
36 indodana kaKayinani,
indodana ka-Arpakishade,[t]
indodana kaShemi,[u]
indodana kaNowa,[v]
indodana kaLameka,[w]
37 indodana kaMethusela,[x]
indodana ka-Enoke,
indodana kaJarede,[y]
indodana kaMahalaliyele,[a]
indodana kaKayinani[b]
38 indodana ka-Enoshe,[c]
indodana kaSeti,[d]
indodana ka-Adamu,[e]
indodana kaNkulunkulu.

4 Ngemva kwalokho uJesu,
egcwele umoya ongcwele,
wasuka eJordani, umoya wa-
mholela ehlane[f] 2 izinsuku ezi-
ngu-40, elingwa uDeveli.[g] Aka-
dlanga lutho ngalezo zinsuku,
ngakho lapho ziphela, walamba.
3 Khona-ke uDeveli wathi kuye:
“Uma uyindodana kaNkulunku-
lu, tshela leli tshe ukuba libe yi-
sinkwa.” 4 Kodwa uJesu wam-
phendula wathi: “Kulotshiwe
ukuthi, ‘Umuntu akumele aphile
ngesinkwa sodwa.’ ”[h]

5 Wamnyusa wambonisa yo-
nke imibuso yomhlaba ngomzu-
zwana nje.[i] 6 UDeveli wabe
esethi kuye: “Ngizokunika lonke
leli gunya nenkazimulo yale mi-
buso, ngoba linikezwe mina,[j] fu-
thi ngilinika noma ubani engi-
thanda ukumnika lona. 7 Nga-
kho-ke, uma ungikhonza, ko-
nke kuzoba okwakho.” 8 UJe-
su waphendula wathi kuye:
“Kulotshiwe ukuthi, ‘NguJeho-
va* uNkulunkulu wakho okume-
le umkhonze, nguye yedwa
okumele unikele kuye inkonzo
engcwele.’ ”[k]

9 Wabe esemholela eJerusa-
lema wammisa phezu kom-
bhoshongo* wethempeli wathi
kuye: “Uma uyindodana kaNku-
lunkulu, ziphonse phansi usu-
ka lapha,[l] 10 ngoba kulotshi-
we ukuthi, ‘Uyoyala izingelosi
zakhe ngokuphathelene nawe,’
11 nokuthi, ‘Ziyokuthwala nge-
zandla zazo ukuze unyawo lwa-
kho lungaqhuzuki etsheni.’ ”[m]

4:8 *Bheka iSithasiselo A5. 4:9 *Noma, “onqenqemeni; esiqongweni.”

ISAHL. 3
a 2Sa 5:13, 14 1Kr 3:5
b 1Sa 16:13 1Sa 17:58 Mat 1:6
c Isay 11:1
d Rut 4:17
e Rut 4:13
f Rut 4:21
g 1Kr 2:11
h Rut 4:12 Rut 4:18, 19 1Kr 2:4, 5
i Gen 29:35 1Kr 2:1
j Gen 25:26
k Gen 21:2, 3
l 1Kr 1:28
m Gen 11:24 Gen 11:26, 27
n Gen 11:22
o Gen 11:20
p Gen 11:18
q Gen 11:16
r Gen 11:14 1Kr 1:25
s Gen 11:12
t Gen 11:10
u Gen 5:32
v Gen 5:29
w Gen 5:25
x Gen 5:21
y Gen 5:19

Uhla 2
a Gen 5:12, 16
b Gen 5:9 1Kr 1:2
c Gen 4:26 Gen 5:10
d Gen 5:7
e Gen 5:1, 4 1Kr 1:1

ISAHL. 4
f Mat 4:1-4 Mar 1:12, 13
g Heb 2:18
h Dut 8:3
i Mat 4:8-10
j Joh 12:31 Joh 14:30 Efe 2:2
k Eks 20:3 Dut 6:13 Dut 10:20
l Mat 4:5-7
m Hu 91:11, 12

**12** UJesu waphendula wathi
kuye: “Kuthiwa, ‘Ungamvivi-
nyi uJehova* uNkulunkulu wa-
kho.’”[a] **13** Ngakho uDeveli,
eseqedile ukumlinga, wasuka
kuye kuze kube esinye isikhathi
esikahle.[b]

**14** UJesu wabuya esema-
ndleni omoya waya eGalile.[c]
Imibiko emihle ngaye yasaka-
zeka kulo lonke izwe elizu-
ngezile. **15** Wafundisa emasi-
nagogeni abo, edunyiswa yibo
bonke.

**16** Wabe eseya eNazaretha,[d]
lapho ayekhulele khona, ngo-
kwenqubo yakhe ngosuku lwe-
Sabatha, wangena esinagoge-
ni,[e] wasukuma ukuze afunde.
**17** Wanikezwa umqulu wompro-
fethi u-Isaya, wawuvula umqulu
wathola indawo okwakulotshwe
kuyo ukuthi: **18** “Umoya kaJe-
hova* uphezu kwami, ngoba
ungigcobile ukuba ngimemezele
izindaba ezinhle kwabahluphe-
kayo. Ungithume ukuba ngime-
mezele inkululeko kulabo aba-
thunjiwe nokuvulwa kwamehlo
ezimpumputhe, ukuba ngikhulu-
le abachotshoziwe,[f] **19** ukuba
ngishumayele unyaka owamu-
kelekayo kaJehova.”*[g] **20** Nge-
mva kwalokho wawugoqa umqu-
lu, wawubuyisela esikhonzini,
wahlala phansi; amehlo abo
bonke ababesesinagogeni aye-
the njo kuye. **21** Wabe esethi
kubo: “Namuhla lo mbhalo eni-
sanda kuwuzwa ugcwalisekile.”[h]

**22** Bonke bafakaza kahle
ngaye futhi bamangala ngama-
zwi amnandi ayephuma emlo-
nyeni wakhe,[i] bethi: “Akuyona
yini indodana kaJosefa lena?”[j]
**23** Wathi kubo: “Ngokunganga-
bazeki niyosebenzisa le nkulu-
mo kimi, ‘Dokotela, zelaphe. Izi-
nto esizwe ukuthi ziye zenze-
ka eKapernawume[a] zenze nala-
pha endaweni yakini.’” **24** Wa-
thi: “Ngiqinisile ngithi kini ake-
kho umprofethi owamukelwa-
yo endaweni yakubo.[b] **25** Ngo-
kwesibonelo, ngiqinisile ngi-
thi kini: Kwakukhona abafelo-
kazi abaningi kwa-Israyeli ezi-
nsukwini zika-Eliya, izulu aliza-
nge line lapho iminyaka emitha-
thu nezinyanga eziyisithupha,
kwaba khona indlala enkulu
kulo lonke izwe.[c] **26** Nokho,
u-Eliya akathunyelwanga nako-
yedwa kulabo besifazane, ko-
dwa wathunyelwa kuphela ku-
mfelokazi waseZarefati, ezwe-
ni laseSidoni.[d] **27** Futhi babe-
baningi abanochoko kwa-Isra-
yeli esikhathini sika-Elisha um-
profethi; nokho akukho noye-
dwa kubo owahlanzwa,* nga-
phandle kukaNahamani umSiri-
ya.”[e] **28** Bonke abezwa lezi zi-
nto esinagogeni bathukuthela
kakhulu,[f] **29** basukuma bam-
phuthumisa ngaphandle kwe-
dolobha, bamyisa onqenqemeni
lwentaba idolobha lakubo elala-
khiwe kulo, ukuze bamphonse
phansi ngekhanda. **30** Kodwa
wadabula phakathi kwabo wa-
qhubeka nendlela yakhe.[g]

**31** Wehlela eKapernawume,
idolobha laseGalile. Wabafu-
ndisa ngeSabatha,[h] **32** bakhe-
xa ngendlela ayefundisa nga-
yo,[i] ngoba wayekhuluma nge-
gunya. **33** Esinagogeni kwa-
kukhona umuntu owayenomo-
ya, idemoni elingcolile, wame-
meza ngezwi elikhulu wathi:[j]
**34** “Maye! Sihlangene ngani
nawe Jesu waseNazaretha?[k]
Ingabe uzele ukuzosibhubhi-
sa? Ngazi kahle ukuthi ungu-
bani, ungoNgcwele kaNkulu-
nkulu.”[l] **35** Kodwa uJesu wa-
wukhuza umoya omubi, wathi:

ISAHL. 4
a Dut 6:16; 1Ko 10:9
b Mat 4:11; Heb 4:15
c Mat 4:12; Joh 4:3
d Mat 2:23
e IzE 17:1, 2
f Mat 12:20
g Isay 61:1, 2
h Mat 5:17
i Hu 45:2; Isay 50:4
j Mat 13:54; Mar 6:2; Joh 6:42

Uhla 2
a Mat 4:13
b Mat 13:57; Mar 6:4; Joh 4:44
c 1Kh 18:1
d 1Kh 17:9, 10
e 2Kh 5:1, 14
f Luk 2:34
g Joh 8:59; Joh 10:39
h Mar 1:21, 22
i Mat 7:28; Joh 7:46
j Mar 1:23-28
k Mat 2:23
l Mat 8:29; Luk 4:41; Luk 8:28; Jak 2:19

---

**4:12, 18, 19** *Bheka iSithasiselo A5.

**4:27** *Noma, “owelashwa.”

“Thula, uphume kuye.” Nge-
mva kokuphonsa lo muntu
phansi phakathi kwabo, ide-
moni laphuma kuye linga-
mlimazanga. **36** Bonke bama-
ngala, baqala ukukhuluma bo-
dwa bethi: “Hlobo luni lwenku-
lumo lolu? Ngoba uyala imimo-
ya emibi ngegunya nangama-
ndla, iphume!” **37** Ngakho izi-
ndaba eziphathelene naye za-
sakazekela kuyo yonke indawo.

**38** Ngemva kokusuka esina-
gogeni, wangena emzini ka-
Simoni. Umkhwekazi kaSimo-
ni wayephethwe umkhuhlane
omubi, ngakho bamcela ukuba
amsize.[a] **39** Waya kuye, wama
lapho ayelele khona, wawukhu-
za lowo mkhuhlane, wamyeka.
Ngaso leso sikhathi, wavuka
waqala ukubakhonza.

**40** Kodwa lapho kushona
ilanga, bonke ababenaba-
ntu abagulayo bephethwe izi-
fo ezihlukahlukene babale-
tha kuye. Wabelapha ngoku-
beka izandla kumuntu nga-
munye.[b] **41** Kwaphuma ama-
demoni kwabaningi, ememe-
za ethi: “Wena uyiNdodana
kaNkulunkulu.”[c] Kodwa wa-
wakhuza, engawavumeli uku-
ba akhulume,[d] ngoba ayemazi
ukuthi unguKristu.[e]

**42** Nokho, lapho kusa, wa-
suka waya endaweni engena-
bantu.[f] Kodwa izixuku zam-
thungatha* zaze zafika la-
pho ayekhona, zazama uku-
mbamba ukuze angasuki kuzo.
**43** Kodwa wathi kuzo: “Na-
kwamanye amadolobha kume-
le ngishumayele izindaba ezi-
nhle zoMbuso kaNkulunkulu,
ngoba ngathunyelwa lokho.”[g]
**44** Ngakho waqhubeka eshu-
mayela emasinagogeni aseJu-
diya.

**5** Ngesinye isikhathi lapho
isixuku simxinile, silale-
le izwi likaNkulunkulu, waye-
mi ngasechibini laseGenesare-
tha.*[a] **2** Wabona izikebhe ezi-
mbili zimi ngasogwini lwechi-
bi, kodwa abadobi babephumi-
le kuzo begeza amanethi abo.[b]
**3** Egibela kwesinye salezo zi-
kebhe, esasingesikaSimoni, wa-
mcela ukuba asiqhelise kanca-
ne ogwini. Wahlala phansi, wa-
fundisa izixuku esesikebheni.
**4** Lapho eyeka ukukhuluma,
wathi kuSimoni: “Masiye lapho
kujule khona, nehlise amane-
thi enu ukuze nibambe.” **5** Ko-
dwa uSimoni waphendula wa-
thi: “Mfundisi, sikhandleke ubu-
suku bonke kodwa asibamba-
nga lutho,[c] kodwa ngoba usho
kanjalo ngizowehlisa amane-
thi.” **6** Lapho bewehlisa, ba-
bamba izinhlanzi eziningi ka-
khulu. Eqinisweni, amanethi
abo aqala ukudabuka phakathi.[d]
**7** Ngakho baqhweba abangani
babo kwesinye isikebhe ukuba
beze bazobasiza, beza, bagcwa-
lisa izikebhe zombili, zaze za-
qala ukucwila. **8** Ebona lokhu,
uSimoni Petru wawela emado-
lweni kaJesu, ethi: “Suka kimi
Nkosi ngoba ngiyisoni.” **9** Ngo-
ba yena nabo bonke ababena-
ye bamangala ngenxa yezinhla-
nzi abazibamba, **10** kwenzeka
okufanayo nakuJakobe noJoha-
ne, amadodana kaZebedewu,[e]
ababesebenza noSimoni. Kodwa
uJesu wathi kuSimoni: “Yeka
ukwesaba. Kusukela manje ku-
qhubeke uzobe udoba abantu
bephila.”[f] **11** Ngakho babuyi-
sela izikebhe emuva, bashiya
konke bamlandela.[g]

**12** Ngesinye isikhathi lapho
ekwelinye lamadolobha, kwa-
kunomuntu ogcwele uchoko!

**4:42** *Noma, “zamfuna.”

**5:1** *Okuwukuthi, uLwandle LwaseGa-
lile.

ISAHL. 4
*a* Mat 8:14, 15; Mar 1:29-31
*b* Mat 8:16, 17; Mar 1:32-34
*c* Mat 8:28, 29; Mar 3:11
*d* IzE 16:17, 18
*e* Mar 1:23-25; Mar 3:11, 12; Luk 4:33-35
*f* Mar 1:35-38
*g* Mat 4:23; Luk 8:1

Uhla 2

ISAHL. 5
*a* Mat 4:18; Mar 1:16
*b* Mat 4:21
*c* Joh 21:3
*d* Joh 21:6
*e* Mat 4:21; Mar 1:19
*f* Mat 4:19; Mar 1:17
*g* Mat 4:20; Mat 6:33; Mat 19:27; Mar 1:20; Luk 18:28; Flp 3:8

Lapho ebona uJesu, wawa wa-
khothama emhlabathini wam-
ncenga, ethi: “Nkosi, uma nje
uthanda, ungangenza ngihla-
nzeke.”[a] **13** Ngakho, elula isa-
ndla, wamthinta, wathi: “Ngiya-
thanda! Hlanzeka.” Masinya-
ne uchoko lwaphela kuye.[b]
**14** Wamyala lo muntu uku-
ba angatsheli muntu, ethi: “Ha-
mba uziveze kumpristi, unike-
lele ukuhlanzwa kwakho, nje-
ngoba nje uMose ayaleza,[c] uku-
ze kube ubufakazi kubo.”[d]
**15** Kodwa zazilokhu zisaka-
zeka izindaba eziphathelene
naye, izixuku ezinkulu za-
ziqoqana ukuze zilalele fu-
thi zelashwe ekuguleni kwazo.[e]
**16** Nokho, wayevame ukuya
ezindaweni ezingenabantu eyo-
thandaza.

**17** Ngolunye lwalezo zinsu-
ku lapho efundisa, abaFari-
si nabafundisi boMthetho aba-
bevela kuzo zonke izigodi za-
seGalile naseJudiya naseJeru-
salema babehlezi lapho; uJeho-
va* wayemnike amandla ukuze
elaphe.[f] **18** Bheka! Amadoda
ayethwele umuntu okhubaze-
kile ngohlaka, ayezama ukum-
ngenisa ambeke phambi kuka-
Jesu.[g] **19** Ngakho lapho enga-
yitholi indlela yokumngenisa
ngenxa yesixuku, agibela phe-
zu kwendlu, asusa okokufule-
la, amehlisa ngohlaka, ame-
hlisela phakathi kwalabo aba-
bephambi kukaJesu. **20** La-
pho ebona ukholo lwawo, wa-
thi: “Ndoda, izono zakho zi-
thethelelwe.”[h] **21** Bezwa lo-
kho, ababhali nabaFarisi baqa-
la ukuzindla, bethi: “Unguba-
ni nje lo ukuba angaze ahla-
mbalaze kanje? Ubani ongathe-
thelela izono ngaphandle kuka-
Nkulunkulu yedwa?”[i] **22** Ko-
dwa uJesu, ekuqonda ababeku-
cabanga, wabaphendula wathi:
“Yini lena eniyicabangayo ezi-
nhliziyweni zenu? **23** Yikuphi
okulula, ukuthi, ‘Izono zakho
zithethelelwe,’ noma ukuthi,
‘Vuka uhambe’? **24** Kodwa
ukuze nazi ukuthi iNdodana
yomuntu inegunya emhlabeni
lokuthethelela izono—” wathi
kumuntu okhubazekile: “Ngi-
thi kuwe, Vuka, uthathe uhlaka
lwakho uhambe uye ekhaya.”[a]
**25** Wasukuma wama phambi
kwabo, wathatha lokho ayela-
la kukho, waya ekhaya, ekhazi-
mulisa uNkulunkulu. **26** Bo-
nke ngothi lwabo basala beba-
mbe ongezansi, bakhazimulisa
uNkulunkulu, bekhexile bathi:
“Sibone izinto ezimangalisayo
namuhla!”

**27** Ngemva kwalokhu, wa-
phuma wabona umqoqi we-
ntela ogama lakhe linguLevi
ehlezi ehhovisi lentela, wathi
kuye: “Yiba umlandeli wami.”[b]
**28** Eshiya konke ngemuva wa-
sukuma wamlandela. **29** Nge-
mva kwalokho, uLevi wame-
nzela idili elikhulu lokuma-
mukela endlini yakhe, kwaku-
khona isixuku esikhulu saba-
qoqi bentela nabanye ababe-
dla nabo.*[c] **30** Ngenxa yalo-
khu abaFarisi nababhali babo
baqala ukukhononda kubafu-
ndi bakhe, bethi: “Kungani ni-
dla futhi niphuza nabaqoqi be-
ntela nezoni?”[d] **31** Ephendu-
la, uJesu wathi kubo: “Abayi-
miqemane abamdingi udokote-
la, kodwa ngabagulayo abamdi-
ngayo.[e] **32** Ngizele ukuzobize-
la izoni ekuphendukeni, hhayi
abantu abalungile.”[f]

**33** Bathi kuye: “Abafundi
bakaJohane bazila ukudla ka-
ningi futhi banxuse, benza ka-
njalo nababaFarisi, kodwa aba-

**ISAHL. 5**
a Mat 8:2; Mar 1:40-45
b Mat 8:3; Mar 1:41
c Lev 14:2-4; Lev 14:10, 20
d Mat 8:4
e Mat 4:24, 25; Mar 3:7, 8; Joh 6:2
f Mar 2:1, 2
g Mat 9:2; Mar 2:3-12
h Mat 9:2-8
i Hu 103:2, 3; Hu 130:3, 4; Isay 43:25

**Uhla 2**
a Joh 5:6-9
b Mat 9:9; Mar 2:14
c Mat 9:10-13; Mar 2:15-17
d Luk 15:1, 2
e Isay 53:4; Mat 9:12; Mar 2:17
f Mat 9:13; 1Ti 1:15

**5:17** *Bheka iSithasiselo A5.

**5:29** *Noma, “ababehlezi nabo etafuleni.”

kho bayadla futhi baphuze.”[a]
**34** UJesu wathi kubo: “Ani-
kwazi ukubazilisa ukudla aba-
ngani bomkhwenyana uma um-
khwenyana esenabo, akunja-
lo? **35** Kodwa kuyofika izinsu-
ku lapho umkhwenyana[b] eyo-
suswa kubo; khona-ke bayoku-
zila ukudla ngalezo zinsuku.”[c]
**36** Wabe esebenzela umfa-
nekiso ethi: “Akekho umu-
ntu osika isichibi engutsheni
entsha asithungele engutsheni
endala. Uma enza kanjalo, isi-
chibi esisha siyasuka kwesida-
la, nesichibi esivela engutsheni
entsha ngeke sifanelane nenda-
la.[d] **37** Akekho futhi umuntu
ofaka iwayini elisha ezigujini*
ezindala zewayini. Uma enza
kanjalo, iwayini elisha lizozi-
qhumisa izigubhu zewayini, li-
zochitheka nezigubhu zewa-
yini zonakale. **38** Kodwa iwa-
yini elisha kumele lifakwe
ezigujini ezintsha zewayini.
**39** Akekho othi ngemva koku-
phuza iwayini elidala afune eli-
sha, ngoba uthi, ‘Elidala limna-
ndi.’ ”

**6** Ngelinye isabatha waye-
dabula emasimini, abafu-
ndi bakhe bakha izikhwebu,[e]
bazihlikihla ngezandla badla.[f]
**2** Abanye kubaFarisi bathi:
“Kungani nenza okungavunye-
lwe umthetho ngeSabatha?”[g]
**3** Kodwa uJesu ebaphendula
wathi: “Anikufundanga yini
lokho uDavide akwenza la-
pho yena namadoda ayena-
ye belambile?[h] **4** Indlela ange-
na ngayo endlini kaNkulunkulu
wamukela izinkwa zokubukwa
wadla, ezinye wazinika amado-
da ayenaye, into umthetho
ongavumeli muntu ukuba ayi-
dle ngaphandle kwabapristi ku-
phela?”[i] **5** Wabe esethi kubo:
“INdodana yomuntu iyiNkosi
yeSabatha.”[a]
**6** Ngelinye isabatha[b] wange-
na esinagogeni waqala uku-
fundisa. Kwakukhona umuntu
owayeshwabene* isandla[c] so-
kudla. **7** Ababhali nabaFari-
si babembukisisa uJesu uku-
ze babone ukuthi wayezokwe-
lapha yini ngeSabatha, bese
bethola indlela yokumbeka ica-
la. **8** Nokho, wayekwazi aba-
bekucabanga,[d] ngakho wathi
kulo muntu onesandla esishwa-
bene:* “Sukuma ume phakathi
nendawo.” Wasukuma wama
khona. **9** UJesu wabe esethi
kubo: “Ngiyanibuza madoda,
ingabe kungokomthetho ukwe-
nza isenzo esihle noma esi-
bi ngeSabatha, ukusindisa uku-
phila noma ukukubhubhisa?”[e]
**10** Ngemva kokubabuka bo-
nke, wathi kulo muntu: “Yelula
isandla sakho.” Wenza kanjalo,
isandla sakhe saphila. **11** Ko-
dwa bathukuthela kakhulu, ba-
khuluma bodwa ngokuthi yini
abangayenza ngoJesu.
**12** Ngolunye lwalezo zinsu-
ku waphuma waya entabe-
ni eyothandaza,[f] wachitha ubu-
suku bonke ethandaza kuNku-
lunkulu.[g] **13** Lapho kusa, wa-
biza abafundi bakhe, wakhe-
tha phakathi kwabo abangu-12,
abaqamba nangokuthi abapho-
stoli:[h] **14** USimoni, amqamba
nangokuthi uPetru, u-Andre-
ya umfowabo, uJakobe, uJo-
hane, uFiliphu,[i] uBartolomewu,
**15** uMathewu, uTomase,[j] uJa-
kobe indodana ka-Alfewu, uSi-
moni obizwa ngokuthi “oshise-
kayo,” **16** uJuda indodana ka-
Jakobe, noJuda Iskariyothe,
lowo owaphenduka imbuka.
**17** Wehla nabo wama enda-
weni eqondile, kwakukhona

ISAHL. 5
- a Mat 9:14, 15; Mar 2:18-20; Luk 7:34
- b Mat 22:2; 2Ko 11:2; IsA 19:7
- c Joh 16:19, 20
- d Mat 9:16, 17; Mar 2:21, 22

ISAHL. 6
- e Dut 23:25
- f Mat 12:1-8; Mar 2:23-28
- g Eks 20:9, 10; Dut 5:13, 14; Joh 5:9, 10
- h 1Sa 21:1-6
- i Lev 24:5-9

Uhla 2
- a Mat 12:8; Mar 2:27, 28
- b Luk 13:14; Joh 9:16
- c Mat 12:9-14; Mar 3:1-6
- d Luk 5:22; Joh 2:24, 25
- e Mat 12:11; Mar 3:4; Joh 7:23
- f Mat 6:6; Mar 3:13
- g Mat 14:23
- h Mat 10:2-4; Mar 3:14-19; IzE 1:13
- i Joh 14:8
- j Joh 11:16

**5:37** *Lezi zigubhu zazenziwe ngesikhumba.

**6:6** *Noma, “owayekhubazeke.” **6:8** *Noma, “esikhubazekile.”

isixuku esikhulu sabafundi ba-
khe, noquqaba olukhulu lwaba-
ntu ababevela kulo lonke ela-
seJudiya naseJerusalema na-
sezweni laseThire elingaso-
lwandle naseSidoni, ababeze-
le ukuzomlalela nokwelashwa
ekuguleni kwabo. **18** Ngisho
nalabo ababekhathazwa imi-
moya emibi belashwa. **19** So-
nke isixuku sasifuna ukumthi-
nta, ngoba kwakuphuma ama-
ndla kuye[a] futhi ebelapha
bonke.

**20** Waphakamisela amehlo
akhe kubafundi bakhe wathi:

"Niyajabula nina enimpofu,
ngoba uMbuso kaNkulunkulu
ungowenu.[b]

**21** "Niyajabula nina enila-
mbayo manje, ngoba niyosutha.[c]

"Niyajabula nina enikhalayo
manje, ngoba niyohleka.[d]

**22** "Niyajabula noma nini la-
pho abantu benizonda,[e] lapho
benicwasa[f] futhi benihlambala-
za, behlasela* igama lenu nje-
ngokungathi nibabi ngenxa ye-
Ndodana yomuntu. **23** Jabu-
lani ngalolo suku nigxumagxu-
me ngenxa yenjabulo, ngoba
umvuzo wenu mkhulu ezulwi-
ni, ngoba yizo kanye lezi zinto
okhokho babo ababezenza ku-
baprofethi.[g]

**24** "Kodwa maye kini nina
enicebile,[h] ngoba seniyitholile
kakade induduzo yenu.[i]

**25** "Maye kini enisuthi ma-
nje ngoba niyolamba.

"Maye kini enihlekayo manje,
ngoba niyolila futhi nikhale.[j]

**26** "Maye kini noma nini la-
pho bonke abantu bekhulu-
ma kahle ngani,[k] ngoba yilokho
okhokho babo abakwenza ku-
baprofethi bamanga.

**27** "Kodwa mina ngithi kini
enilalele: Qhubekani nitha-
nda izitha zenu, nenza okuhle
kwabanizondayo,[a] **28** nibusi-
sa abaniqalekisayo, nithanda-
zela abanithukayo.[b] **29** Lowo
okushaya esihlathini esisodwa,
mnike nesinye; okuphuca ingu-
bo yakho yangaphandle, unga-
mgodleli nengubo yangapha-
nsi.[c] **30** Wonke umuntu oku-
celayo muphe,[d] okuphuca izi-
nto zakho ungaceli ukuba azi-
buyise.

**31** "Leyo ndlela enifuna
abantu benze ngayo kini, ye-
nzani kanjalo nani kubo.[e]

**32** "Uma nithanda labo aba-
nithandayo, kunanzuzoni kini?
Ngoba ngisho nezoni zitha-
nda abazithandayo.[f] **33** Uma
nenza okuhle kwabenza oku-
hle kini, kunanzuzoni kini?
Ngisho nezoni zenza okufa-
nayo. **34** Uma niboleka* labo
enilindele ukuba banikhokhele,
kunanzuzoni kini?[g] Ngisho ne-
zoni ziboleka ezinye izoni uku-
ze ziphinde zithole imali ephe-
lele. **35** Kunalokho, qhubeka-
ni nithanda izitha zenu, ne-
nza okuhle, nibolekisa ngapha-
ndle kokulindela ukubuyise-
lwa utho;[h] umvuzo wenu uyo-
ba mkhulu, niyoba amadoda-
na oPhezukonke, ngoba yena
unomusa kwabangabongi naba-
bi.[i] **36** Qhubekani niba nesi-
he, njengoba nje noYihlo ene-
sihe.[j]

**37** "Ngaphezu kwalokho, ye-
kani ukwahlulela, nani anisoze
nahlulelwa;[k] yekani ukulahla,
nani anisoze nalahlwa. Qhu-
bekani nithethelela,* nani ni-
yothethelelwa.#[l] **38** Kwenzeni
umkhuba ukupha, abantu nabo
bayonipha.[m] Bayothela ema-
phaketheni enu asesifubeni
okuningi kakhulu, okugxishi-
we, okugxishisisiwe nokuchi-

---

**6:22** *Noma, "belahla."

**6:34** *Okuwukuthi, ngaphandle kwenzalo. **6:37** *Noma, "nikhulula." #Noma, "niyokhululwa."

---

**ISAHL. 6**

*a* Mar 5:30
*b* Mat 5:2, 3; Jak 2:5
*c* Hu 107:9; Isay 55:1; Jer 31:25; Mat 5:6
*d* Isay 61:3; IsA 21:4
*e* Mat 5:10, 11; Joh 17:14; 1Pe 3:14
*f* Joh 16:2
*g* 2Kr 36:16; Mat 5:12; Luk 11:47; IzE 7:52
*h* Jak 5:1
*i* Mat 6:2
*j* Isay 65:13
*k* Jak 4:4; 1Jo 4:5

**Uhla 2**

*a* Eks 23:4; IzA 25:21; Mat 5:44; Rom 12:20
*b* IzE 7:59, 60; Rom 12:14
*c* Mat 5:39, 40; 1Ko 6:7
*d* Dut 15:7, 8; IzA 3:27; IzA 21:26; Mat 5:42
*e* Mat 7:12
*f* Mat 5:46, 47
*g* Lev 25:35, 36; Dut 15:7, 8; Mat 5:42
*h* Eks 22:25; Lev 25:37; Dut 23:20; Hu 37:25, 26
*i* Mat 5:45; IzE 14:17
*j* Mat 5:48; Efe 5:1, 2; Jak 2:13
*k* Mat 7:1, 2; Rom 14:10
*l* Mat 6:14; Mar 11:25
*m* IzA 19:17

chimayo. Ngoba isikali enisise-
benzisa kwabanye, bayosebe-
nzisa sona nakini."
**39** Wabe esesho lo mfane-
kiso kubo: "Impumputhe nge-
ke ihole impumputhe, akunjalo?
Zombili ziyokhalakathela emgo-
dini, akunjalo?[a] **40** Umfundi
akangaphezu komfundisi wa-
khe, kodwa wonke umuntu
ofundiswe ngokuphelele uyoba
njengomfundisi wakhe. **41** Ku-
ngani ubheka uthi olusesswe-
ni lomfowenu kodwa ungalu-
boni ugodo olukwelakho iso?[b]
**42** Ungasho kanjani kumfowe-
nu ukuthi, 'Mfowethu, ngivu-
mele ngikhiphe uthi olusesswe-
ni lakho,' kuyilapho wena ngo-
kwakho ungaluboni ugodo olu-
kwelakho iso? Mzenzisi! Khi-
pha ugodo kwelakho iso kuqa-
la, khona-ke uyobona ngokuca-
cile ukuthi ungalukhipha kanja-
ni uthi olusesweni lomfowenu.
**43** "Ngoba asikho isihlahla
esihle esithela isithelo esibo-
lile, futhi asikho isihlahla esi-
bolile esithela isithelo esi-
hle.[c] **44** Ngoba isihlahla nga-
sinye saziwa ngesithelo saso.[d]
Ngokwesibonelo, abantu aba-
khi amakhiwane emeveni, futhi
abakhi amagilebhisi esihlahle-
ni sameva. **45** Umuntu omu-
hle ukhipha okuhle engcebwe-
ni enhle yenhliziyo yakhe, ko-
dwa umuntu omubi ukhipha
okubi engcebweni yakhe embi;
ngoba umlomo wakhe ukhu-
luma ngokuchichima kwenhli-
ziyo.[e]
**46** "Ningibizelani-ke ngoku-
thi 'Nkosi! Nkosi!' nibe ni-
ngazenzi izinto engizishoyo?[f]
**47** Wonke umuntu oza kimi
ezwe amazwi ami futhi awe-
nze, ngizonibonisa ukuthi ufa-
na nobani:[g] **48** Ufana nomu-
ntu okwathi lapho akha
indlu, wamba wajula wabeka
isisekelo edwaleni. Lapho ku-
fika isikhukhula, umfula wayi-
shaya leyo ndlu, kodwa wa-
wungenawo amandla okuyinya-
kazisa ngoba yayakhiwe ka-
hle.[a] **49** Ngakolunye uhlango-
thi, noma ubani ozwayo ko-
dwa angenzi lutho,[b] ufana no-
muntu owakha indlu emhlaba-
thini ngaphandle kwesisekelo.
Umfula wayishaya, yawa ngo-
kushesha, waba mkhulu umo-
nakalo kuleyo ndlu."
**7** Lapho eseqedile ukukhulu-
ma nabantu, wangena eKa-
pernawume. **2** Inceku yesi-
khulu esithile sebutho, eyayi-
thandeka kuso, yayigula kakhu-
lu futhi isizoshona.[c] **3** Lapho
isikhulu sizwa ngoJesu, sa-
thumela kuye amadoda amada-
la amaJuda ukuba amcele eze
elaphe inceku yaso. **4** Beza
kuJesu bamncengisisa, bethi:
"Uyakufanelekela ukuba ume-
nzele lokhu, **5** ngoba uyasi-
thanda isizwe sakithi futhi
yena ngokwakhe wasakhela
isinagoge." **6** Ngakho uJesu
wahamba nabo. Kodwa la-
pho engasekude nendlu, isi-
khulu sebutho kakade sase si-
thumele abangani ukuba bathi
kuye: "Mnumzane, ungazihlu-
phi, ngoba akungifanele uku-
ba ungene ngaphansi kophahla
lwami.[d] **7** Yingakho ngingaca-
banganga ukuthi kungifanele
ukuza kuwe. Kodwa yisho izwi,
inceku yami ilulame. **8** Ngo-
ba nami ngingumuntu onga-
phansi kwegunya, nginamaso-
sha angaphansi kwami, ngithi
kuleli, 'Hamba!' lihambe, na-
kwelinye ngithi, 'Woza!' lize,
nasencekwini yami ngithi, 'Ye-
nza lokhu!' ikwenze." **9** La-
pho uJesu ezwa lezi zinto, wa-
mangala ngaso, waphendukela
esixukwini esasimlandela wa-
thi: "Ngiyanitshela, ngisho

ISAHL. 6
a Mat 15:14
b Mat 7:3-5
c Mat 7:16-18
d Mat 12:33
e Mat 12:34, 35
f Mat 7:21
Luk 13:24
Rom 2:13
Jak 1:22
g Mat 7:24-27

Uhla 2
a Hu 125:1
b Jak 1:23, 24

ISAHL. 7
c Mat 8:5, 6
d Mat 8:8, 9

nakwa-Israyeli angilutholanga
ukholo olukhulu kangaka.”[a]
**10** Lapho labo ababethunyiwe
bebuyela endlini, bathola ince-
ku iphile saka.[b]

**11** Ngokushesha ngemva
kwalokho waya edolobheni
okuthiwa iNayini, abafundi ba-
khe nesixuku esikhulu babeha-
mba naye. **12** Njengoba eso-
ndela eduze kwesango ledolo-
bha, kwakunomuntu ofile owa-
yethwelwe kuphunywa naye,
indodana okuwukuphela kwa-
yo* kunina.[c] Ngaphandle kwa-
lokho, wayengumfelokazi. Isi-
xuku esikhulu esivela edo-
lobheni naso sasinaye. **13** La-
pho iNkosi ibona lo mfeloka-
zi, yamhawukela,[d] yathi kuye:
“Yeka ukukhala.”[e] **14** Ngemva
kwalokho yasondela yathinta
uhlaka,* ababeluthwele bama.
Yathi: “Nsizwa, ngithi kuwe
vuka!”[f] **15** Lo muntu ofile wa-
vuka wahlala, waqala ukukhu-
luma, uJesu wamnika unina.[g]
**16** Bonke bafikelwa ukwesa-
ba, bakhazimulisa uNkulunku-
lu, bethi: “Kuvezwe umprofe-
thi omkhulu phakathi kwe-
thu,”[h] bethi futhi, “UNkulunku-
lu ubanakile abantu bakhe.”[i]
**17** Lezi zindaba eziphathele-
ne nayo zasakazekela kulo lo-
nke elaseJudiya nakuyo yonke
indawo.

**18** Abafundi bakaJohane ba-
mbikela zonke lezi zinto.[j]
**19** Ngakho uJohane wabiza
ababili kubafundi bakhe, waba-
thumela eNkosini ukuba babu-
ze bathi: “Ingabe wena ungu-
Ye Ozayo,[k] noma kumele sili-
ndele omunye?” **20** Lapho efi-
ka kuyo, la madoda athi: “UJo-
hane uMbhapathizi usithume
kuwe ukuba sibuze, ‘Ingabe
wena unguYe Ozayo noma ku-
mele silindele omunye?’ ”
**21** Ngalelo hora yelapha aba-
ntu abaningi ekuguleni kwabo,[a]
yelapha izifo ezimbi nemimoya
emibi, yelapha nezimpumputhe
eziningi ukuze zibone. **22** Ya-
phendula yathi kubo: “Hamba-
ni nibikele uJohane enikubo-
nile nenikuzwile: Izimpumputhe
seziyabona[b] nezinyonga ziyaha-
mba, abanochoko bayahlanzwa
nezithulu ziyezwa,[c] abafile baya-
vuswa futhi abampofu batshe-
lwa izindaba ezinhle.[d] **23** Uya-
jabula ongasitholi isizathu soku-
khubeka ngami.”[e]

**24** Lapho izithunywa zikaJo-
hane sezihambile, uJesu waqa-
la ukukhuluma nezixuku ngo-
kuphathelene noJohane, wathi:
“Yini enaphumela ukuyoyibona
ehlane? Umhlanga unyakaziswa
umoya?[f] **25** Pho yini enaphu-
mela ukuyibona? Umuntu ogqo-
ke izingubo ezintofontofo?*[g]
Phela, abagqoke izingubo ezi-
wubukhazikhazi nabaphila ngo-
kunethezeka basezindlini zase-
bukhosini. **26** Yini-ke ngempe-
la enaphumela ukuyoyibona?
Umprofethi? Yebo, ngiyanitshe-
la, ongaphezulu kakhulu kom-
profethi.[h] **27** Lona nguye oku-
lotshwe ngaye ukuthi: ‘Bhe-
ka! Ngithuma isithunywa sami
ngaphambi kwakho, esizolungi-
sa indlela yakho phambi kwa-
kho.’[i] **28** Ngiyanitshela, phaka-
thi kwabazelwe ngabesifazane
akekho noyedwa omkhulu kuno-
Johane, kodwa omncane kuna-
banye eMbusweni kaNkulunku-
lu mkhulu kunaye.”[j] **29** (La-
pho bonke abantu nabaqoqi be-
ntela bezwa lokhu, bathi uNku-
lunkulu ulungile, ngoba babe-
bhapathizwe ngobhapathizo lu-
kaJohane.[k] **30** Kodwa abaFari-
si nalabo ababeyizazi zoMthe-

ISAHL. 7
a Mat 8:10
b Mat 8:13
c 1Kh 17:17; Luk 8:41, 42
d Heb 4:15
e Luk 8:52; Joh 11:33
f 1Kh 17:21, 22; Luk 8:52-54; Joh 11:43; IzE 9:40
g 1Kh 17:23; 2Kh 4:36
h Dut 18:15; Joh 4:19; Joh 6:14; Joh 7:40
i Luk 1:68
j Mat 11:2-6
k Hu 40:7; Hu 118:26; Zak 9:9; Mat 3:11

Uhla 2
a Isay 53:4
b Isay 42:7
c Isay 29:18; Isay 35:5, 6
d Isay 61:1; Luk 4:18; Jak 2:5
e Isay 8:14; Luk 2:34; Joh 6:66
f Mat 11:7-11
g Mar 1:6
h Mar 1:2; Luk 1:67, 76
i Isay 40:3; Mal 3:1; Luk 1:16, 17; Joh 1:23
j Mat 11:11
k Mat 3:5, 6; Luk 3:12

**7:12** *NgesiGreki, “ezelwe yodwa.”
**7:14** *Noma, “uhlaka lokungcwaba.”
**7:25** *Noma, “ezisezingeni eliphezulu.”

tho abasinakanga isiqondiso* sikaNkulunkulu kubo,[a] njengoba babengabhapathizwanga nguye.)

**31** “Ngingabaqhathanisa nobani abantu balesi sizukulwane, bafana nobani?[b] **32** Bafana nabantwana abancane abahlezi emakethe bememezana, bethi: ‘Sinishayele umtshingo, kodwa anidansanga; salila kodwa anikhalanga.’ **33** Ngokufanayo, uJohane uMbhapathizi uze engadli sinkwa engaphuzi nawayini,[c] kodwa nathi: ‘Unedemoni.’ **34** INdodana yomuntu yona ize idla futhi iphuza, kodwa nithi: ‘Bhekani! Umuntu ominzayo nothanda ukuphuza iwayini, umngani wabaqoqi bentela nezoni!’[d] **35** Noma kunjalo, ukuhlakanipha kubonakaliswa kulungile yibo bonke abantwana bako.”*[e]

**36** Omunye wabaFarisi wayelokhu eyicela ukuba idle naye. Ngakho yangena endlini yalo mFarisi, yahlala etafuleni. **37** Owesifazane owaziwayo edolobheni ukuthi uyisoni wezwa ukuthi yayidla* endlini yomFarisi, weza nebhodlela le-alabhaste lamafutha anamakha.[f] **38** Waguqa ezinyaweni zayo, wakhala, waqala ukumanzisa izinyawo zayo ngezinyembezi zakhe, wazisula ngezinwele zekhanda lakhe. Waqabula izinyawo zayo wazigcoba ngamafutha anamakha. **39** Ebona lokhu, lo mFarisi owayeyimemile wathi ngaphakathi kuye: “Ukube lo muntu ubengumprofethi ngempela ubezokwazi ukuthi lona wesifazane omthintayo ungubani nokuthi uluhlobo luni lomuntu, ukuthi uyisoni.”[a] **40** Kodwa uJesu ephendula wathi kuye: “Simoni, kukhona engifuna ukukutshela kona.” Yena wathi: “Mfundisi, kusho!”

**41** “Amadoda amabili ayekweleta umbolekisi othile; enye yayikweleta odenariyu* abangu-500, enye abangu-50. **42** Lapho engenalutho ayengakhokha ngalo, wawathethelela ngokukhululekile womabili. Ngakho-ke, iyiphi kuwo eyomthanda kakhulu?” **43** USimoni waphendula wathi: “Ngicabanga ukuthi yilena ayithethelele okuningi.” Wathi kuye: “Wahlulele kahle.” **44** Ngemva kwalokho waphendukela kowesifazane, wathi kuSimoni: “Uyambona lona wesifazane? Ngingene endlini yakho; awuzange unginike amanzi ezinyawo zami. Kodwa lona wesifazane umanzise izinyawo zami ngezinyembezi zakhe wazisula ngezinwele zakhe. **45** Awuzange ungiqabule, kodwa lona wesifazane, kusukela ngehora engifike ngalo, akayekanga ukuqabula izinyawo zami. **46** Awuzange uluthele ikhanda lami ngamafutha, kodwa lona wesifazane uthele izinyawo zami ngamafutha anamakha. **47** Ngenxa yalokhu, ngiyakutshela, izono zakhe, nakuba ziziningi,* zithethelelwe,[b] ngoba ubonise uthando olukhulu. Kodwa lowo othethelelwa okuncane, ubonisa uthando oluncane.” **48** Wabe esethi kowesifazane: “Izono zakho zithethelelwe.”[c] **49** Labo ababehlezi naye etafuleni bakhuluma bodwa bathi: “Ungubani lo muntu oze athethelele ngisho nezono?”[d] **50** Kodwa wathi kowesifazane:

ISAHL. 7
a IzE 13:46; Rom 10:2, 3
b Mat 11:16-19
c Num 6:2, 3; Mat 3:4; Luk 1:13, 15
d Mat 11:19; Luk 5:30
e Joh 10:37, 38
f Mat 26:6, 7; Mar 14:3; Joh 12:3

Uhla 2
a Luk 15:2
b Hu 32:1; Hu 51:1; Hu 103:2, 3; Isay 1:18; Isay 43:25; Isay 44:22
c Mat 9:2; Mar 2:5
d Mar 2:7; Luk 5:21

---

**7:30** *Noma, “iseluleko; injongo.” **7:35** *Noma, “kufakazelwa yimisebenzi yako.” **7:37** *Noma, “yayihlezi etafuleni.”

**7:41** *Bheka iSithasiselo B14. **7:47** *Noma, “zinkulu.”

“Ukholo lwakho lukusindisile;[a] hamba ngokuthula.”

**8** Ngokushesha ngemva kwalokho, wahamba idolobha nedolobha esuka komunye umuzi aye komunye, eshumayela futhi ememezela izindaba ezinhle zoMbuso kaNkulunkulu.[b] AbayiShumi Nambili* babenaye, **2** kanye nabesifazane abathile ababelashwe emimoyeni emibi nasekuguleni: uMariya owayebizwa ngokuthi uMagdalena, okwakuphume kuye amademoni ayisikhombisa; **3** uJowana[c] umkaKhuza, indoda eyengamele indlu kaHerode; uSusana; nabanye besifazane abaningi, ababekhonza uJesu nabaphostoli ngezinto zabo.[d]

**4** Lapho sekubuthene isixuku esikhulu kanye nalabo abaya kuye bevela emadolobheni, wakhuluma nabo esebenzisa umfanekiso:[e] **5** “Kwaphuma umhlwanyeli eyohlwanyela imbewu yakhe. Njengoba ehlwanyela, enye kuyo yawela eceleni kwendlela, abantu bayinyathela, izinyoni zezulu zayidla zayiqeda.[f] **6** Enye yawela edwaleni, ngemva kokuhluma, yoma ngenxa yokungabi namswakama.[g] **7** Enye yawela phakathi kwameva, yaminyaniswa ameva akhula kanye nayo.[h] **8** Kodwa enye yawela enhlabathini enhle, ngemva kokuhluma, yathela izithelo izikhathi ezingu-100.”[i] Njengoba esho lezi zinto, wamemeza wathi: “Onezindlebe zokulalela makalalele.”[j]

**9** Kodwa abafundi bakhe bambuza ukuthi wawusho ukuthini lo mfanekiso.[k] **10** Wathi: “Nina nikunikiwe ukuqonda izimfihlo ezingcwele zoMbuso kaNkulunkulu, kodwa kubo bonke abanye zikhulunywa ngemifanekiso,[a] ukuze kuthi, nakuba bebhekile, bangaboni, nakuba bezwa, bangawutholi umqondo.[b] **11** Nansi incazelo yalo mfanekiso: Imbewu iyizwi likaNkulunkulu.[c] **12** Leyo eseceleni kwendlela iyilabo abaye bezwa, uDeveli wafika wathatha izwi ezinhliziyweni zabo ukuze bangakholwa futhi basindiswe.[d] **13** Leyo esedwaleni iyilabo okwathi lapho belizwa izwi, balamukela ngenjabulo, kodwa laba abanampande. Bakholwa isikhashana, kodwa ngenkathi yokuvivinywa bayawa.[e] **14** Kodwa leyo eyawela phakathi kwameva, iyilabo abaye bezwa, kodwa ngenxa yokuhungwa izinkathazo, ingcebo[f] nenjabulo yalokhu kuphila,[g] baminyaniswa ngokuphelele futhi abafinyeleli ekuvuthweni.[h] **15** Kodwa leyo eyawela enhlabathini enhle, lena iyilabo okuthi ngemva kokuzwa izwi ngenhliziyo enhle,[i] baligcine futhi bathele izithelo ngokukhuthazela.[j]

**16** “Akekho othi ngemva kokukhanyisa isibani asimboze ngesitsha noma asibeke ngaphansi kombhede, kodwa usibeka othini lwesibani, ukuze abangenayo babone ukukhanya.[k] **17** Ngoba akukho lutho olufihliwe olungeke lubonakale, futhi akukho lutho olufihlwe ngokucophelela olungasoze lwaziwa nolungasoze lwavela obala.[l] **18** Ngakho-ke, nakani indlela enilalela ngayo, ngoba noma ubani onokuthile, uyonikwa okwengeziwe,[m] kodwa lowo ongenalutho, ngisho nalokho acabanga ukuthi unakho kuyothathwa kuye.”[n]

**19** Kwabe sekuza unina nabafowabo[o] kuye, kodwa babengakwazi ukusondela edu-

---

8:1 *Okuwukuthi, abaphostoli abangu-12.

ISAHL. 7
a Mat 9:22; Luk 8:48

ISAHL. 8
b Mat 9:35; Luk 4:43
c Luk 24:9, 10
d Mat 27:55; Mar 15:40, 41
e Mat 13:1-3; Mar 4:1, 2
f Mat 13:3-9; Mar 4:3-9; Luk 8:12
g Luk 8:13
h Luk 8:14
i Luk 8:15
j Mat 11:15; Mat 13:9; Mar 4:9
k Mat 13:10; Mar 4:10

Uhla 2
a Hu 78:2; Mat 13:34, 35; Mar 4:34
b Isay 6:9, 10; Mat 13:11, 13; Mar 4:11, 12
c Mat 13:18-23; Mar 4:14-20
d Mat 13:19; Mar 4:15; 2Ko 4:3, 4
e Mat 13:20, 21; Mar 4:16, 17
f Mat 19:23; 1Ti 6:9
g 2Ti 4:10
h Mat 13:22; Mar 4:18, 19
i IzE 16:14
j Mat 13:23; Mar 4:20; Heb 10:36
k Mat 5:15; Mar 4:21; Luk 11:33; Flp 2:15
l Mat 10:26; Mar 4:22; Luk 12:2
m Mat 25:23
n Mat 13:12; Mat 25:29; Mar 4:24, 25; Luk 19:26
o Mat 13:55; Joh 7:5; IzE 1:14

ze kwakhe ngenxa yesixu-
ku.[a] **20** Kwabikwa kuye kwa-
thiwa: “Unyoko nabafowenu
bami ngaphandle bafuna uku-
kubona.” **21** Ephendula wathi
kubo: “Umama nabafowethu
yilaba abezwa izwi likaNkulu-
nkulu futhi balenze.”[b]

**22** Ngolunye usuku, yena
nabafundi bakhe bangena esi-
kebheni, wathi kubo: “Masi-
welele ngaphesheya kwechibi.”
Ngakho baqala uhambo ngesi-
kebhe.[c] **23** Kodwa njengoba
behamba ngesikebhe, wazume-
ka. Kwaba khona isiphepho
esinamandla echibini, isikebhe
sabo sagcwala amanzi, uku-
phila kwabo kwaba sengozini.[d]
**24** Ngakho baya kuye bamvu-
sa, bethi: “Mfundisi, Mfundi-
si, siyafa!” Wavuka, wawu-
khuza umoya namanzi agu-
bhayo, kwadamba futhi kwa-
zola.[e] **25** Wabe esethi kubo:
“Luphi ukholo lwenu?” Kodwa
babegcwele ukwesaba, bema-
ngele, bekhuluma bodwa bethi:
“Ungubani ngempela lo muntu?
Uyala ngisho nomoya namanzi,
kumlalele.”[f]

**26** Baya ogwini, esifundeni
samaGerasa,[g] esingaphesheya
kweGalile. **27** Njengoba uJesu
ephumela ezweni,* wahlangana
nendoda enamademoni yakule-
lo dolobha. Kwase kuyisikha-
thi eside ingagqoki, yayinga-
hlali ekhaya, ihlala emathune-
ni.[h] **28** Lapho ibona uJesu, ya-
memeza kakhulu yawela pha-
nsi phambi kwakhe, ngezwi
elikhulu yathi: “Ngihlange-
ne ngani nawe Jesu, Ndoda-
na kaNkulunkulu oPhezuko-
nke? Ngiyakuncenga, ungangi-
hluphi.”[i] **29** (Ngoba uJesu wa-
yeyale lo moya omubi ukuba
uphume kule ndoda. Wawusuyi-
bambe izikhathi eziningi,*[a] ya-
yisiboshwe kaningi ngamaketa-
nga nangozankosi igadiwe, ko-
dwa yayizigqashula lezo zibo-
pho, idemoni liyiyise ezindawe-
ni ezingenabantu.) **30** UJesu
wayibuza: “Ungubani igama la-
kho?” Yathi: “NginguLegiyona,”
ngoba yayingenwe amademo-
ni amaningi. **31** Ayelokhu em-
ncenga ukuba angawayali uku-
ba aye kwalasha.[b] **32** Kwaku-
nomhlambi omkhulu wezingulu-
be[c] owawudla lapho entabe-
ni, ngakho amncenga ukuba
awavumele angene ezingulube-
ni, wawavumela.[d] **33** Amade-
moni abe esephuma kule ndoda
angena ezingulubeni, umhlambi
wakhalakathela eweni wangena
echibini, waminza. **34** Lapho
abelusi bebona okwakwenzeki-
le, babaleka bayokubika edolo-
bheni nasemaphandleni.

**35** Abantu beza bezobona
okwakwenzekile. Beza kuJe-
su bathola indoda okwakuphu-
me kuyo amademoni, igqokile
nengqondo yayo iphilile, ihle-
zi ezinyaweni zikaJesu, bafike-
lwa ukwesaba. **36** Labo aba-
bekubonile lokho bababikela
indlela le ndoda enamademoni
eyayiphiliswe ngayo. **37** Nge-
mva kwalokho, isixuku esasi-
vela kuleso sifunda samaGera-
sa sacela uJesu ukuba asuke
kuso, ngoba sasesaba kakhu-
lu. Wabe esegibela isikebhe
wahamba. **38** Nokho, indoda
okwakukhishwe kuyo amade-
moni yamncenga ukuba iqhu-
beke inaye, kodwa wayihambi-
sa le ndoda, ethi:[e] **39** “Buyela
ekhaya, uqhubeke uxoxa nga-
lokho uNkulunkulu akwenzele
kona.” Ngakho yahamba, ime-
mezela kulo lonke idolobha lo-
kho uJesu ayeyenzele kona.

**8:27** * Noma, “ephuma esikebheni.”

**8:29** * Noma kungaba, “isikhathi eside.”

ISAHL. 8
a Mat 12:46, 47; Mar 3:31, 32
b Mat 12:48-50; Mar 3:33-35; Joh 15:14
c Mat 8:18, 23; Mar 4:35, 36
d Mat 8:24-27; Mar 4:37-41
e Hu 89:9
f Mat 8:27; Mar 4:41
g Mar 5:1
h Mat 8:28, 29; Mar 5:2-10
i Mar 1:23, 24

Uhla 2
a Mar 9:20, 21
b IsA 20:2, 3
c Lev 11:7, 8; Dut 14:8
d Mat 8:30-34; Mar 5:11-17
e Mar 5:18-20

**40** Lapho uJesu ebuya, isi-
xuku samamukela ngomu-
sa, ngoba sonke sasimlindele.[a]
**41** Kwabe sekuza indoda ega-
ma layo linguJayiru; le ndoda
yayiyisikhulu esengamele sesi-
nagoge. Yawela ezinyaweni zi-
kaJesu, yaqala ukumncenga
ukuba angene endlini yayo,[b]
**42** ngoba indodakazi yayo oku-
wukuphela kwayo,* eyayinemi-
nyaka engaba ngu-12 ubudala,
yayifa.

Njengoba uJesu ehamba, izi-
xuku zamcindezela. **43** Kwa-
kukhona owesifazane othile
okwase kuphele iminyaka
engu-12 enomopho,[c] akukho
muntu owakwazi ukumnika
ikhambi.[d] **44** Weza ngasemu-
va, wathinta insephe yengu-
bo yakhe yangaphandle,[e] nga-
so leso sikhathi umopho wakhe
wanqamuka. **45** UJesu wathi:
“Ubani ongithintile?” Lapho
bonke bephika, uPetru wathi:
“Mfundisi, izixuku ziyakucinde-
zela futhi sezithe mbo kuwe.”[f]
**46** Kodwa uJesu wathi: “Ku-
khona ongithintile, ngoba ngi-
zwile kuphuma amandla[g] kimi.”
**47** Ebona ukuthi isenzo sa-
khe sibonakele, lona wesifa-
zane weza ethuthumela wawa
phansi phambi kwakhe, wa-
sho phambi kwabo bonke aba-
ntu ukuthi kungani emthinti-
le nendlela aphulukiswe ngayo
ngokushesha. **48** Kodwa wa-
thi kuye: “Ndodakazi, ukho-
lo lwakho lukuphilisile. Hamba
ngokuthula.”[h]

**49** Esakhuluma, kweza um-
meleli othile wesikhulu esenga-
mele sesinagoge, ethi: “Indoda-
kazi yakho isishonile; unga-
be usamhlupha uMfundisi.”[i]
**50** Lapho ezwa lokhu, uJesu
wamphendula: “Ungesabi, ku-
phela nje yiba nokholo, izosi-
nda.”[a] **51** Lapho efika endli-
ni akavumelanga muntu uku-
ba angene naye ngaphandle
kukaPetru, uJohane, uJakobe
noyise nonina wentombazane.
**52** Kodwa bonke abantu babe-
yikhalela futhi bezishaya nge-
nxa yosizi. Ngakho wathi: “Ni-
ngakhali,[b] ngoba ayifile ile-
le.”[c] **53** Bavele bamhleka usu-
lu, ngoba babazi ukuthi ifile.
**54** Kodwa wayibamba ngesa-
ndla wathi kuyo: “Mntwana,
vuka!”[d] **55** Umoya* wayo[e] wa-
buya, yavuka ngaso leso sikha-
thi,[f] wayala ukuba inikwe uku-
dla. **56** Abazali bayo bajabula
kakhulu, kodwa wabayala uku-
ba bangatsheli muntu ngokwa-
kwenzekile.[g]

**9** Ngemva kwalokho wabize-
la ndawonye abayiShumi Na-
mbili,* wabanika amandla negu-
nya phezu kwawo wonke ama-
demoni[h] nasekwelapheni izi-
fo.[i] **2** Wabathuma ukuba baha-
mbe bayoshumayela ngoMbuso
kaNkulunkulu nokuba belaphe
abagulayo, **3** wathi kubo: “Ni-
ngaphathi lutho ohambweni
lwenu, ningaphathi nduku, nasi-
khwama sokudla, nasinkwa na-
mali;* ningaphathi izingubo ezi-
mbili.#[j] **4** Kodwa nomaphi la-
pho ningena emzini womuntu,
hlalani khona nize nihambe
kuwo.[k] **5** Nomaphi lapho aba-
ntu benganamukeli khona, uma
niphuma kulelo dolobha, nithi-
ntithe uthuli ezinyaweni zenu,
ukuze kube ubufakazi obumele-
ne nabo.”[l] **6** Basuka, badabula
leyo ndawo behamba umuzi no-
muzi, bememezela izindaba ezi-
nhle futhi belapha kuyo yonke
indawo.[m]

**8:42** *NgesiGreki, “ezelwe yodwa.”

**8:55** *Noma, “Amandla okuphila.” **9:1** *Okuwukuthi, abaphostoli abangu-12. **9:3** *NgesiGreki, “nasiliva.” #Noma, “enye ingubo.”

**ISAHL. 8**
a Mar 5:21
b Mat 9:18, 19; Mar 5:22-24
c Lev 15:25
d Mat 9:20-22; Mar 5:25-29
e Num 15:38, 39
f Mar 5:30-34
g Luk 5:17
h Mat 9:22; Luk 7:50
i Mar 5:35-37

**Uhla 2**
a Joh 11:25; Rom 4:17
b Luk 7:12, 13
c Mat 9:23-26; Mar 5:38-43; Joh 11:11; IzE 7:60; IzE 13:36
d Mar 5:41; Luk 7:14; Joh 11:43
e Gen 2:7; Shu 3:19; Isay 42:5
f Mar 5:42
g Mar 7:35, 36

**ISAHL. 9**
h Mar 6:7
i Mat 10:1
j Mat 10:9, 10; Mar 6:8, 9; Luk 10:4
k Mat 10:11; Mar 6:10; Luk 10:5, 7
l Mat 10:14; Mar 6:11; Luk 10:10, 11; IzE 13:50, 51
m Mat 11:1; Mar 6:12, 13

**7** UHerode* umbusi wesifu-
nda wezwa ngazo zonke izinto
ezazenzeka, wadideka kakhulu
ngoba abanye babethi uJoha-
ne uvusiwe kwabafile,[a] **8** ko-
dwa abanye babethi kubona-
kale u-Eliya, kanti abanye ba-
bethi kuvuke omunye waba-
profethi basendulo.[b] **9** UHe-
rode wathi: “UJohane ngam-
nquma ikhanda.[c] Ubani-ke pho
lo engizwa ngaye izinto ezi-
nje?” Wayefuna ngempela uku-
mbona.[d]
**10** Lapho abaphostoli bebu-
ya, babikela uJesu konke aba-
bekwenzile.[e] Ngemva kwalokho
wabathatha baya edolobhe-
ni okuthiwa iBhetsayida ukuze
babe bodwa.[f] **11** Kodwa izixu-
ku, zikwazi lokho, zamlande-
la. Wazamukela ngomusa waqa-
la ukukhuluma nazo ngoMbu-
so kaNkulunkulu, waphulu-
kisa ababedinga ukwelashwa.[g]
**12** Kwase kuntambama impe-
la. AbayiShumi Nambili* beza
kuye bathi: “Tshela isixuku si-
hambe, ukuze singene emizini
nasemaphandleni aseduze si-
zitholele indawo yokuphumula
nokudla, ngoba lapha sisenda-
weni engenabantu.”[h] **13** Ko-
dwa wathi kubo: “Banikeni
nina ukudla.”[i] Bathi: “Asinalu-
tho ngaphandle kwezinkwa ezi-
nhlanu nezinhlanzi ezimbili,
ngaphandle uma mhlawumbe
kungahamba thina mathupha
siyothengela bonke laba bantu
ukudla.” **14** Eqinisweni, kwa-
kungamadoda acishe abe ngu-
5 000. Kodwa wathi kubafu-
ndi bakhe: “Bahlaliseni ngama-
qembu abantu abangaba ngu-
50 eqenjini ngalinye.” **15** Be-
nza kanjalo, babahlalisa phansi
bonke. **16** Wathatha lezo zi-
nkwa ezinhlanu nezinhlanzi
ezimbili, wabheka phezulu ezu-
lwini, wazibusisa. Wabe ese-
zihlephula, wazinika abafundi
bakhe ukuba bazihambisele isi-
xuku. **17** Ngakho bonke ba-
dla basutha, okwasala bakuqo-
qa, obhasikidi abangu-12.[a]
**18** Kamuva, ngesikhathi
ethandaza yedwa, abafundi
beza kuye, wababuza, wathi:
“Izixuku zithi ngingubani?”[b]
**19** Baphendula bathi: “Bathi
unguJohane uMbhapathizi, ko-
dwa abanye bathi ungu-Eliya,
kanti abanye bathi kuvuke omu-
nye wabaprofethi basendulo.”[c]
**20** Wabe esethi kubo: “Nina-
ke nithi ngingubani?” UPetru
waphendula wathi: “Ungu-
Kristu kaNkulunkulu.”[d] **21** Wa-
badonsa ngendlebe ukuba ba-
ngatsheli muntu ngalokhu,[e]
**22** kodwa wathi: “INdodana yo-
muntu kumele ihlupheke kakhu-
lu, yenqatshwe amadoda ama-
dala nabapristi abakhulu naba-
bhali futhi ibulawe,[f] ivuswe ngo-
suku lwesithathu.”[g]
**23** Waqhubeka wathi kubo
bonke: “Uma umuntu efuna uku-
ngilandela, makazidele[h] athathe
isigxobo sakhe sokuhlushwa*
usuku nosuku angilandele nja-
lo.[i] **24** Ngoba noma ubani ofu-
na ukusindisa ukuphila kwakhe
kuyomlahlekela, kodwa noma
ubani olahlekelwa ukuphila kwa-
khe ngenxa yami nguye oyo-
kusindisa.[j] **25** Ngempela, ku-
yomsiza ngani umuntu ukuzu-
za izwe lonke kodwa alahleke-
lwe isiqu sakhe noma alima-
le?[k] **26** Ngoba noma ubani
oba namahloni ngami nanga-
mazwi ami, iNdodana yomu-
ntu iyoba namahloni ngalowo
muntu lapho iza ngenkazimulo

ISAHL. 9
*a* Mat 14:1, 2; Mar 6:14-16
*b* Mar 8:27, 28; Luk 9:18, 19
*c* Mat 14:3, 10
*d* Luk 23:8
*e* Mar 6:30
*f* Mat 14:13
*g* Mat 14:14; Mar 6:34; Joh 6:2
*h* Mat 14:15-21; Mar 6:35-44; Joh 6:5-13
*i* 2Kh 4:42-44

Uhla 2
*a* Mat 14:20; Mar 6:43; Joh 6:13
*b* Mat 16:13-16; Mar 8:27-30
*c* Luk 9:7, 8
*d* Mat 16:16; Mar 8:29; Joh 1:41; Joh 6:68, 69
*e* Mat 16:20
*f* Isay 53:5, 8; Luk 17:25
*g* Mat 16:21; Mar 8:31
*h* Flp 3:7, 8
*i* Mat 10:38; Mat 16:24; Mar 8:34; Luk 14:27
*j* Mat 16:25; Mar 8:35; Joh 12:25; IzE 20:24; IsA 2:10
*k* Mat 16:26; Mar 8:36

**9:7** *Okuwukuthi, uHerode Antipase. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.
**9:12** *Okuwukuthi, abaphostoli abangu-12.
**9:23** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

yayo nekaYise neyezingelosi ezi-
ngcwele.[a] **27** Kodwa ngiqinisile
ngithi kini, kukhona abanye ku-
laba abami lapha abangeke ba-
kunambithe nhlobo ukufa baze
babone uMbuso kaNkulunkulu
kuqala."[b]

**28** Ezinsukwini ezingu-8 nge-
mva kokusho la mazwi, watha-
tha uPetru, uJohane noJako-
be bakhuphukela entabeni eyo-
thandaza.[c] **29** Njengoba etha-
ndaza, ukubonakala kobuso ba-
khe kwashintsha, ingubo yakhe
yaba mhlophe ngokukhazimula-
yo. **30** Bheka! Amadoda ama-
bili ayexoxa naye; kwakunguMo-
se no-Eliya. **31** Lawa abonaka-
la ngenkazimulo futhi aqala
ukukhuluma ngokuhamba kwa-
khe okwase kuzokwenzeka eJe-
rusalema.[d] **32** UPetru nalabo
ababenaye babozela, kodwa la-
pho sebephapheme ngokuphe-
lele, babona inkazimulo ya-
khe[e] namadoda amabili emi
naye. **33** Njengoba la madoda
esuka kuye, uPetru wathi kuJe-
su: "Mfundisi, kuhle ukuba la-
pha. Ngakho masimise amate-
nde amathathu, elinye libe nge-
lakho, elinye libe ngelikaMose
elinye libe ngelika-Eliya." Waye-
ngakwazi ayekusho. **34** Kodwa
njengoba ayesho lezi zinto, kwa-
ba khona ifu, labamboza. Nje-
ngoba bengena efwini, besaba.
**35** Kwavela izwi[f] kulelo fu, li-
thi: "Le yiNdodana yami ekhe-
thiwe.[g] Yilaleleni."[h] **36** Njengo-
ba lelo zwi lisakhuluma, uJesu
watholakala eyedwa. Kodwa ba-
thula abatshelanga muntu nga-
lezo zinsuku neyodwa yalezo zi-
nto ababezibonile.[i]

**37** Ngosuku olulandelayo,
lapho behla entabeni, wahla-
ngatshezwa isixuku esikhulu.[j]
**38** Kuleso sixuku kwameme-
za indoda ethile, ithi: "Mfundi-
si, ngiyakuncenga ukuba ubo-
ne indodana yami, ngoba
iwukuphela kwayo.[a] **39** Iba-
njwa umoya omubi, kuthi ku-
ngazelelwe ikhale, uyidlikizi-
se ikhihlize amagwebu ngomlo-
mo, lo moya uphuma kanzi-
ma kuyo ngemva kokuyili-
maza. **40** Ngincenge abafundi
bakho ukuba bawuxoshe, ko-
dwa bahlulekile." **41** UJesu
wathi: "O sizukulwane esinge-
nalukholo nesisontekile,[b] ku-
mele ngiqhubeke nginani kuze
kube nini futhi nginibekeze-
lela? Yilethe lapha indoda-
na yakho."[c] **42** Kodwa njengo-
ba nje isondela, idemoni layila-
hla phansi layidlikizisa ngama-
ndla. Nokho, uJesu wawukhu-
za lo moya omubi, wamphuluki-
sa umfana, wambuyisela kuyi-
se. **43** Bonke bakhexa ngenxa
yamandla amakhulu kaNkulu-
nkulu.

Ngesikhathi bonke bemanga-
zwe yizo zonke izinto ayeze-
nza, wathi kubafundi bakhe:
**44** "Lalelani ngokucophelela,
niwakhumbule la mazwi, ngoba
iNdodana yomuntu izonikelwa
ezandleni zabantu."[d] **45** Ko-
dwa abakuqondanga ayekusho.
Eqinisweni, kwakufihliwe kubo
ukuze bangakuqondi, babesa-
ba ukumbuza ukuthi usho uku-
thini.

**46** Kwabe sekuba nempiki-
swano phakathi kwabo ngoku-
thi ubani kubo owayemkhu-
lu kunabo bonke.[e] **47** UJesu,
ekwazi okwakusezinhliziyweni
zabo, wathatha umntwana om-
ncane, wammisa eceleni kwa-
khe, **48** wathi kubo: "Noma
ubani owamukela lo mntwa-
na egameni lami uyangamuke-
la nami; futhi noma ubani
ongamukelayo uyamamukela
naLowo ongithumile.[f] Ngoba
lowo oziphatha njengomncane
phakathi kwenu nonke nguye
omkhulu."[g]

ISAHL. 9

*a* Mat 10:33, Mar 8:38, 2Ti 2:12
*b* Mat 16:28, Mar 9:1
*c* Mat 17:1-8, Mar 9:2-8
*d* Luk 9:22, Luk 13:33
*e* 2Pe 1:16
*f* Luk 3:22, Joh 12:28
*g* Hu 2:7, Isay 42:1, Mat 3:17, 2Pe 1:17
*h* Dut 18:15, Mat 17:5, Mar 9:7, IzE 3:22, 23
*i* Mat 17:9, Mar 9:9
*j* Mar 9:14, 15

Uhla 2

*a* Mat 17:14-16, Mar 9:17, 18
*b* Dut 32:5
*c* Mat 17:17, 18, Mar 9:19-27
*d* Mat 17:22, 23, Mar 9:31, 32, Luk 18:31-33
*e* Mat 18:1-5, Mar 9:33-37, Luk 22:24
*f* Mar 9:37, Joh 12:44
*g* IzA 18:12, Mat 18:4, 5, Mat 23:11, 12

**49** UJohane wabe esethi:
“Mfundisi, sibone othile exo-
sha amademoni esebenzisa iga-
ma lakho, sazama ukumvimba
ngoba akayena omunye we-
thu.”[a] **50** Kodwa uJesu wathi
kuye: “Ningazami ukumvimba,
ngoba noma ubani ongamelene
nani ungakini.”

**51** Njengoba izinsuku zo-
kuba akhushulwe zazisonde-
la,*[b] wazimisela ukuya eJeru-
salema. **52** Ngakho wathume-
la izithunywa ngaphambi kwa-
khe. Zahamba zangena emzini
wamaSamariya ukuze zilu-
ngiselele ukufika kwakhe.
**53** Kodwa abazange bamamu-
kele,[c] ngoba wayezimisele uku-
ya eJerusalema. **54** Lapho
abafundi uJakobe noJohane[d]
bekubona lokhu, bathi: “Nko-
si, ingabe ufuna sibize umli-
lo wehle ezulwini ubaqothu-
le?”[e] **55** Kodwa waphenduka
wabakhuza. **56** Ngakho baya
komunye umuzi.

**57** Njengoba behamba endle-
leni, othile wathi kuye: “Ngizo-
kulandela nomaphi lapho uya
khona.” **58** Kodwa uJesu wa-
thi kuye: “Izimpungushe zine-
migodi nezinyoni zezulu zinezi-
dleke, kodwa iNdodana yomu-
ntu yona ayinandawo yoku-
beka ikhanda.”[f] **59** Wabe ese-
thi komunye: “Yiba umlande-
li wami.” Lowo muntu wa-
thi: “Nkosi, ngivumele ngiha-
mbe ngiyongcwaba ubaba ku-
qala.”[g] **60** Kodwa wathi kuye:
“Yeka abafile[h] bangcwabe aba-
file babo, kodwa wena hamba
umemezele kabanzi uMbuso ka-
Nkulunkulu.”[i] **61** Nomunye fu-
thi wathi: “Ngizokulandela, Nko-
si, kodwa ngivumele kuqala
ngiyovalelisa emndenini wami.”
**62** UJesu wathi kuye: “Akukho
muntu othi esebeke isandla sa-
khe egejeni abuye abheke izinto
ezingemuva[a] owufanelekela ka-
hle uMbuso kaNkulunkulu.”[b]

**10** Ngemva kwalezi zinto,
iNkosi yakhetha abanye
abangu-70 yabathuma ngababi-
li[c] ngaphambi kwayo, kuwo
wonke amadolobha nezindawo
eyayizoya kuzo. **2** Yabe isi-
thi kubo: “Ngempela, umsebe-
nzi wokuvuna mkhulu, ko-
dwa izisebenzi zimbalwa. Nga-
kho, ncengani iNkosi yokuvuna
ukuba ithumele izisebenzi eku-
vuneni kwayo.[d] **3** Hambani.
Bhekani! Nginithuma njenga-
mawundlu phakathi kwezimpi-
si.[e] **4** Ningaphathi sikhwama
semali noma sokudla noma
izimbadada,[f] futhi ningabinge-
leli muntu* endleleni. **5** No-
maphi lapho ningena khona
endlini, niqale nithi: ‘Kwanga-
thi le ndlu ingaba nokuthula.’[g]
**6** Uma umngani wokuthula
ekhona, ukuthula kwenu kuyo-
hlala kuye. Kodwa uma enge-
kho, kuyobuyela kini. **7** Nga-
kho hlalani kuleyo ndlu,[h] nidle
futhi niphuze izinto abaninika
zona,[i] ngoba isisebenzi sifane-
lwe umholo waso.[j] Ningagco-
gcomi indlu ngendlu.

**8** “Nomaphi lapho ningena
edolobheni futhi benamukela,
yidlani okubekwe phambi kwe-
nu, **9** nelaphe abagulayo aba-
kulo, niqhubeke nibatshela ni-
thi, ‘UMbuso kaNkulunkulu
ususondele kini.’[k] **10** Kodwa
nomaphi lapho ningena edolo-
bheni banganamukeli, phume-
lani emigwaqweni yalo emi-
khulu nithi: **11** ‘Ngisho no-
thuli olunamathele ezinyaweni
zethu siluthintithela edolobhe-
ni lenu.[l] Noma kunjalo, yazini
lokhu, ukuthi uMbuso kaNkulu-
nkulu ususondele.’ **12** Ngithi

**9:51** *NgesiGreki, “zaziphelela.”

**10:4** *Noma, “ningabingeleli muntu ngokumanga.”

**ISAHL. 9**
- a Mar 9:38-40
- b IzE 1:1, 2; 1Ti 3:16
- c Joh 4:9
- d Mar 3:17
- e 2Kh 1:10
- f Mat 8:20
- g Mat 8:21
- h Efe 2:1
- i Mat 8:22

**Uhla 2**
- a Gen 19:17
- b Mat 10:37; 1Ko 9:24; Flp 3:13

**ISAHL. 10**
- c Mar 6:7
- d Mat 9:37, 38; 1Ko 3:9; 2Th 3:1
- e Mat 10:16
- f Mat 10:9, 10; Luk 9:3
- g Mat 10:12, 13
- h Mat 10:11; Luk 9:4
- i Gal 6:6
- j Mat 10:9, 10; 1Ko 9:11, 14; 1Ti 5:18
- k Mat 3:1, 2; Luk 9:2
- l Mat 10:14; Luk 9:5; IzE 13:50, 51

kini, ngalolo suku kuyoba nzima kakhulu kulelo dolobha kunaseSodoma.[a]

**13** “Maye kuwe Khorazini! Maye kuwe Bhetsayida! Ngoba ukube imisebenzi yamandla eyenzeke kini yayenzeke eThire naseSidoni, ngabe kudala baphenduka ngokugqoka indwangu yesaka nangokuhlala emlotheni.[b] **14** Ngakho ekwahlulelweni kuyoba nzima kakhulu kini kunaseThire naseSidoni. **15** Nawe Kapernawume, ingabe mhlawumbe uyophakanyiselwa ezulwini? Uyokwehlela eThuneni!*

**16** “Noma ubani onilalelayo ulalela mina.[c] Noma ubani onganinaki akanginaki nami. Ngaphezu kwalokho, noma ubani onganginaki mina akamnaki naLowo ongithumile.”[d]

**17** Abangu-70 babuya bejabula, bethi: “Nkosi, ngisho namademoni ayasithobela ngokusebenzisa igama lakho.”[e] **18** Yathi kubo: “Ngibona uSathane esewile kakade[f] njengombani uvela ezulwini. **19** Bhekani! Ngininike igunya lokunyathela izinyoka nofezela, negunya phezu kwawo wonke amandla esitha,[g] akukho lutho nhlobo oluyonilimaza. **20** Nokho, ningajatshuliswa ukuthi imimoya iyanithobela, kodwa jatshuliswani ukuthi amagama enu alotshiwe emazulwini.”[h] **21** Ngalo kanye lelo hora yachichima injabulo ngomoya ongcwele yathi: “Ngikudumisa obala Baba, Nkosi yezulu nomhlaba, ngoba uzifihle ngokucophelela lezi zinto kwabahlakaniphile nakongqondongqondo,[i] wazambulela izingane. Yebo, Baba, ngoba yilena indlela ofuna kube ngayo.[a] **22** Zonke izinto uBaba uzinikeze mina, akekho owaziyo ukuthi iNdodana ingubani ngaphandle kukaBaba, akekho nowaziyo ukuthi uBaba ungubani ngaphandle kweNdodana[b] kanye nanoma ubani iNdodana ethanda ukumambula kuye.”[c]

**23** Ngemva kwalokho yaphendukela kubafundi bebodwa yathi: “Ayajabula amehlo abona izinto enizibonayo.[d] **24** Ngoba ngithi kini, abaprofethi abaningi namakhosi babefisa ukubona izinto enizibonayo kodwa abazibonanga,[e] nokuzwa izinto enizizwayo kodwa abazizwanga.”

**25** Kwabe sekusukuma umuntu othile owayeyisazi soMthetho, ukuze ayivivinye, wathi: “Mfundisi, yini okumele ngiyenze ukuze ngizuze ifa lokuphila okuphakade?”[f] **26** Yathi kuye: “Kulotshweni eMthethweni? Ufunda kanjani?” **27** Ephendula wathi: “‘Kumele uthande uJehova* uNkulunkulu wakho ngayo yonke inhliziyo yakho nangawo wonke umphefumulo# wakho nangawo wonke amandla akho nangayo yonke ingqondo yakho,’[g] ‘nomakhelwane wakho njengoba uzithanda wena.’”[h] **28** Yathi kuye: “Uphendule kahle; qhubeka wenza lokhu uyothola ukuphila.”[i]

**29** Kodwa efuna ukuzibonakalisa elungile,[j] lo muntu wathi kuJesu: “Ubani ngempela umakhelwane wami?” **30** UJesu waphendula wathi: “Umuntu othile wayehla evela eJerusalema eya eJeriko, wabanjwa izigebengu, zathatha izimpahla ayezigqokile nezinto zakhe, zamshaya, zahamba, zamshiya

**ISAHL. 10**
a Mat 11:24
b Mat 11:21-23
c Mat 10:40; Mar 9:37; Joh 13:20
d Joh 5:23; Joh 12:48; Joh 15:23
e IzE 16:17, 18
f Joh 12:31; Joh 16:11; Heb 2:14; IsA 12:7-9
g Hu 91:13
h Eks 32:32; Dan 12:1; Flp 4:3; IsA 3:5
i 1Ko 1:19; 1Ko 2:6

**Uhla 2**
a Mat 11:25, 26
b Joh 10:15
c Mat 11:27; Joh 1:18; 2Ko 4:6
d Mat 13:16, 17
e 1Pe 1:10, 11
f Mat 19:16; Mar 10:17; Luk 18:18
g Dut 6:5; Dut 10:12; Jos 22:5; Mar 12:30
h Lev 19:18; Mat 19:19; Rom 13:9; Gal 5:14; Jak 2:8
i Lev 18:5; Joh 17:3
j Luk 16:15

**10:15** *Noma, “eHayidesi,” okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**10:27** *Bheka iSithasiselo A5. #Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

esezoshona. **31** Kwaqondana
nokuthi umpristi othile waye-
hla ngaleyo ndlela, kodwa la-
pho embona, wadlula nga-
kolunye uhlangothi. **32** Ngo-
kufanayo, nomLevi lapho efika
kuleyo ndawo futhi embo-
na, wadlula ngakolunye uhla-
ngothi. **33** Kodwa umSamari-
ya othile[a] owayehamba nga-
leyo ndlela wafika kuye, la-
pho embona, waba nesihawu.
**34** Ngakho wasondela kuye
wabhandisha amanxeba akhe,
wathela amafutha newayini
kuwo. Ngemva kwalokho wa-
mgibelisa esilwaneni sakhe wa-
myisa endlini yezihambi wa-
mnakekela. **35** Ngosuku olu-
landelayo wakhipha odena-
riyu* ababili, wabanika umgci-
ni wendlu yezihambi, wathi:
'Mnakekele, noma yini oyise-
benzisayo ngaphandle kwalo-
khu, ngizokukhokhela yona
uma ngibuya.' **36** Ngokubo-
na kwakho, ubani kulaba aba-
thathu owenza njengomakhe-
lwane[b] walo muntu owaba-
njwa izigebengu?" **37** Wathi:
"Yilowo owenza isenzo sesi-
he kuye."*[c] UJesu wabe esethi
kuye: "Nawe hamba wenze oku-
fanayo."[d]

**38** Njengoba behamba, wa-
ngena emzini othile. Kule-
yo ndawo owesifazane obi-
zwa ngokuthi uMarta[e] wama-
mukela njengesivakashi endli-
ni yakhe. **39** Wayenodadewa-
bo obizwa ngokuthi uMariya,
owahlala ezinyaweni zeNkosi
walalela eyayikusho.* **40** Nga-
kolunye uhlangothi, uMarta
wayephazanyiswa ukunakekela
imisebenzi eminingi. Ngakho,
waya kuyo wathi: "Nkosi, awu-
nandaba yini nokuthi udade-
wethu ungishiye ngedwa uku-
ba nginakekele izinto? Mtshe-
le eze azongisiza." **41** INko-
si yamphendula yathi: "Ma-
rta, Marta, ukhathazwa fu-
thi uphazanyiswa izinto ezini-
ngi. **42** Nokho, kudingeka izi-
nto ezimbalwa, noma eyodwa
kuphela. UMariya yena ukhe-
the isabelo esihle,*[a] ngeke
aphucwe sona."

# 11

Yayisendaweni ethile
ithandaza, lapho iqeda,
othile kubafundi bayo wathi
kuyo: "Nkosi, sifundise ukutha-
ndaza, njengoba nje noJohane
afundisa abafundi bakhe."

**2** Ngakho yathi kubo:
"Noma nini lapho nithandaza,
anothi: 'Baba, malingcweliswe*
igama lakho.[b] UMbuso wakho
mawuze.[c] **3** Usuku ngalunye
siphe isinkwa sethu ngokwe-
zidingo zosuku.[d] **4** Usithethe-
lele izono zethu,[e] ngoba na-
thi ngokwethu siyamthethele-
la wonke umuntu osonayo;*[f]
ungasingenisi esilingweni.'"[g]

**5** Yabe isithi kubo: "Ake si-
thi oyedwa kini unomngani,
aye kuye phakathi kwamabili
afike athi, 'Mngani, ngenane-
le izinkwa ezintathu, **6** ngoba
kusanda kufika umngani wami
kimi esohambweni futhi angi-
nalutho engingamupha lona.'
**7** Kodwa lowo ongaphakathi
aphendule athi: 'Yeka ukungi-
hlupha. Umnyango usukhiyiwe,
mina nabantwana bami sesi-
lele. Ngeke ngikwazi ukuvu-
ka ngikunike okuthile.' **8** Ngi-
yanitshela, nakuba engeke
avuke amnike okuthile ngo-
ba nakhu engumngani wa-
khe, ngokuqinisekile uyovuka
amnike noma yini ayidingayo

**ISAHL. 10**
a Joh 4:9
b Mat 19:19
c IzA 14:21
d Luk 6:36; Joh 13:17; Efe 4:32
e Joh 12:2

**Uhla 2**
a Mat 4:4; Mat 6:33

**ISAHL. 11**
b Lev 22:32; Isay 5:16; Hez 36:23
c Dan 2:44; Dan 7:13, 14; Mat 6:9-13
d Hu 37:25
e Hu 79:9; Dan 9:19
f Mar 11:25; Efe 4:32; Kol 3:13
g Luk 22:46; 1Ko 10:13; Jak 1:13; IsA 3:10

**10:35** *Bheka iSithasiselo B14. **10:37** *Noma, "owambonisa umusa." **10:39** *NgesiGreki, "izwi layo." **10:42** *Noma, "esingcono." **11:2** *Noma, "maliphathwe njengelingcwele." **11:4** *NgesiGreki, "onecala kithi."

ngenxa yokuphikelela kwakhe ngesibindi.[a] **9** Ngakho ngithi kini, qhubekani nicela,[b] niyophiwa; qhubekani nifuna, niyothola; qhubekani ningqongqoza, niyovulelwa.[c] **10** Ngoba wonke umuntu ocelayo uyamukela,[d] wonke umuntu ofunayo uyathola, wonke umuntu ongqongqozayo uyovulelwa. **11** Ngempela, yimuphi ubaba phakathi kwenu othi indodana yakhe icela inhlanzi, ayinike inyoka esikhundleni senhlanzi?[e] **12** Noma, uma icela iqanda, ayinike ufezela? **13** Ngakho-ke, uma nina, nakuba nibabi, nikwazi ukupha abantwana benu izipho ezinhle, yeka ukuthi uBaba osezulwini uyobapha kakhulu kangakanani umoya ongcwele labo abawucela kuye!"[f]

**14** Kamuva yaxosha idemoni eliyisimungulu.[g] Ngemva kokuba idemoni seliphumile, isimungulu sakhuluma, izixuku zamangala.[h] **15** Kodwa abanye kuzo bathi: "Uxosha amademoni ngoBhelizebhubhe,* umbusi wamademoni."[i] **16** Abanye, ukuze bayivivinye, baqala ukufuna kuyo isibonakaliso[j] esivela ezulwini. **17** Ikwazi abakucabangayo,[k] yathi kubo: "Yonke imibuso ehlukene phakathi iyawa, nendlu ehlukene phakathi ngeke ime. **18** Ngendlela efanayo, uma uSathane naye ehlukene yedwa, umbuso wakhe uyoma kanjani? Ngoba nithi ngixosha amademoni ngoBhelizebhubhe. **19** Uma mina ngixosha amademoni ngoBhelizebhubhe, amadodana enu wona awaxosha ngobani? Yingakho eyoba abahluleli benu. **20** Kodwa uma kungukuthi ngixosha amademoni ngomunwe kaNkulunkulu,[a] ngempela uMbuso kaNkulunkulu usunificile.[b] **21** Lapho indoda enamandla, ehlome yaphelela, igada isigodlo sayo, okungokwayo kuhlala kulondekile. **22** Kodwa uma ihlaselwa umuntu onamandla kunayo futhi ayinqobe, lowo muntu uyazithatha zonke izikhali zayo ebithembele kuzo, ahlukaniselane nabanye izinto azithathe kuyo. **23** Ongekho ngasohlangothini lwami umelene nami, nongaqoqi kanye nami uyahlakaza.[c]

**24** "Lapho umoya omubi* uphuma kumuntu, unqamula ezindaweni ezingenamanzi ufuna indawo yokuphumula, ngemva kokungayitholi, uthi, 'Ngizobuyela endlini yami engiphume kuyo.'[d] **25** Uma ufika, uthola indlu ishanelwe kahle futhi ihlotshisiwe. **26** Ngemva kwalokho, uyahamba ulande eminye imimoya eyisikhombisa emibi kakhulu kunawo, kuthi ngemva kokungena ngaphakathi, ihlale khona. Ngakho isimo sokugcina salowo muntu siba sibi kakhulu kunesokuqala."

**27** Njengoba isho lezi zinto, owesifazane othile esixukwini wamemeza wathi kuyo: "Siyajabula isibeletho esakuthwala namabele owawancela!"[e] **28** Kodwa yona yathi: "Akunjalo, kunalokho, abajabulayo yilabo abezwa izwi likaNkulunkulu baligcine!"[f]

**29** Lapho izixuku zibuthana ndawonye, yathi: "Lesi sizukulwane siyisizukulwane esibi; sifuna isibonakaliso, kodwa asikho isibonakaliso esizonikwa sona ngaphandle kwesibonakaliso sikaJona.[g] **30** Ngoba njengoba nje uJona[h] aba isibonakaliso kwabaseNineve, neNdodana yomuntu izoba yiso kule-

11:15 *Yigama elibhekisela kuSathane.

11:24 *NgesiGreki, "ongcolile."

ISAHL. 11
a Luk 18:5
b Rom 12:12
c Mat 7:7, 8
d Mar 11:24, Joh 15:7, Jak 1:6, 1Jo 3:22, 1Jo 5:14
e Mat 7:9, 10
f Mat 7:11, Jak 1:17
g Mat 12:22
h Mat 9:32-34
i Mat 12:24-30, Mar 3:22-27
j Mat 12:38, Mar 8:11
k Joh 2:24, 25

Uhla 2
a Eks 8:19
b Mat 12:28, Luk 17:21
c Mat 12:30
d Mat 12:43-45
e Luk 1:46-48
f Dut 29:9, Hu 1:1, 2, Hu 112:1, Hu 119:2, Mat 7:21, Jak 1:25
g Mat 12:38-42, Mat 16:4
h Jon 1:17

si sizukulwane. **31** Indlovuka-
zi yaseningizimu[a] iyovuswa ka-
nye nabantu balesi sizuku-
lwane ekwahlulelweni* ibala-
hle, ngoba yeza ivela emaphe-
thelweni omhlaba izozwa
ukuhlakanipha kukaSolomo-
ni. Kodwa bhekani! Lapha
kukhona ongaphezu kukaSo-
lomoni.[b] **32** Abantu baseNi-
neve bayovuka kanye nale-
si sizukulwane ekwahlulelwe-
ni basilahle, ngoba baphe-
nduka ngenxa yalokho uJona
akushumayela.[c] Kodwa bhe-
kani! Lapha kukhona onga-
phezu kukaJona. **33** Ngemva
kokukhanyisa isibani, umu-
ntu akasibeki endaweni eca-
shile noma ngaphansi kuka-
bhasikidi,* kodwa usibeka othi-
ni lwesibani,[d] ukuze abangena-
yo babone ukukhanya. **34** Isi-
bani somzimba yiso lakho.
Uma iso lakho ligxile entweni
eyodwa,* wonke umzimba wa-
kho uzokhanya.# Kodwa uma
iso lakho lihaha,△ wonke umzi-
mba wakho uzoba mnyama.[e]
**35** Qikelela ukuthi ukukhanya
okukuwe akubona ubumnya-
ma. **36** Ngakho-ke, uma wo-
nke umzimba wakho ukhanya
ungenayo ingxenye emnyama,
wonke uyokhanya njengalapho
isibani sikukhanyisela ngemi-
sebe yaso."

**37** Lapho isikhulume lokhu,
umFarisi othile wayicela ukuba
idle naye. Ngakho yangena ya-
hlala etafuleni. **38** Nokho, lo
mFarisi wamangala lapho ebo-
na ukuthi ayiqalanga ngoku-
geza izandla* ngaphambi ko-
kudla.[a] **39** Kodwa iNkosi ya-
thi kuye: "Nina baFarisi, nigeza
ingaphandle lendebe nesitsha,
kodwa ngaphakathi nigcwele
ukuhaha nobubi.[b] **40** Bantu
abangenangqondo! Lowo owe-
nza ingaphandle wenza nenga-
phakathi, akunjalo? **41** Ko-
dwa lapho nibonisa isihe ni-
pha abahluphekayo izipho,* ni-
kelani ngezinto ezivela enhli-
ziyweni, khona-ke, zonke izi-
nto eziphathelene nani zi-
yoba ezihlanzekile. **42** Kodwa
maye kini baFarisi, ngoba nini-
kela okweshumi kweminti no-
kweruwe nokwazo zonke ezi-
nye izitshalo zezithako zase-
ngadini,*[c] kodwa anibunaki
ubulungisa nothando lukaNku-
lunkulu! Lezi zinto benibophe-
kile ukuba nizenze, kodwa be-
kungamelwe ningakunaki nalo-
khu okunye.[d] **43** Maye kini
baFarisi, ngoba nithanda izi-
hlalo eziphambili* emasinago-
geni nokubingelelwa ezimake-
the![e] **44** Maye kini, ngoba ni-
njengalawo mathuna angabo-
nakali kahle,[f] abantu abaha-
mba phezu kwawo bengazi!"

**45** Ephendula, othile kula-
bo ababeyizazi zoMthetho wa-
thi kuyo: "Mfundisi, ngoku-
sho lezi zinto uyasithuka na-
thi." **46** INkosi yathi: "Maye
nakini eniyizazi zoMthetho,
ngoba nithwesa abantu imi-
thwalo okunzima ukuyithwa-
la, kodwa nina ngokwenu ani-
yithinti nangowodwa weminwe
yenu leyo mithwalo![g]

**47** "Maye kini, ngoba na-
kha amathuna abaprofethi, ko-
dwa okhokho benu bababula-
la![h] **48** Ngokuqinisekile niyaza-
zi izenzo zokhokho benu, nokho

ISAHL. 11
a 1Kh 10:1; 2Kr 9:1
b Mat 12:42
c Jon 3:5
d Mat 5:15; Mar 4:21; Luk 8:16
e Mat 6:22, 23

Uhla 2
a Mat 15:2
b Mat 23:25, 26
c Lev 27:30
d Mat 23:23, 24; Joh 7:24
e Mat 23:6, 7
f Mat 23:27, 28
g Mat 23:2, 4
h Mat 23:29-31

**11:31** *Okuwukuthi, ngoSuku Lokwahlulela. **11:33** *Noma, "kukabhasikidi wokukala." **11:34** *Noma, "libona kahle." NgesiGreki, "lilula." #Noma, "uzogcwala ukukhanya." △Okuwukuthi, lifuna izinto eziningi. NgesiGreki, "lilibi." **11:38** *Okuwukuthi, isiko lokugeza izandla.

**11:41** *Noma, "izipho zesihe." Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **11:42** *Noma, "eminye imifino." **11:43** *Noma, "ezingcono."

nivumelana nabo, ngoba bona
babulala abaprofethi[a] kodwa
nina nakha amathuna abo.
**49** Yingakho ukuhlakanipha
kukaNkulunkulu kwathi futhi:
‘Ngiyothumela kubo abaprofe-
thi nabaphostoli, abanye babo
bayobabulala futhi babashushi-
se, **50** ukuze igazi labo bo-
nke abaprofethi elachithwa ku-
sukela ekusungulweni kwezwe
lifunwe* kulesi sizukulwane,[b]
**51** kusukela egazini lika-Abela[c]
kwehle kuze kube segazini lika-
Zakariya, owabulawa phakathi
kwe-altare nendlu.’*[d] Yebo, ngi-
yanitshela, liyofunwa# kulesi si-
zukulwane.

**52** “Maye kini zazi zoMthe-
tho, ngoba nisuse isihluthule-
lo solwazi. Nina ngokwenu ani-
ngenanga, nalabo abangenayo
niyabavimba!”[e]

**53** Ngakho lapho iphuma ku-
leyo ndawo, ababhali nabaFari-
si baqala ukuyicindezela kakhu-
lu nokuyihloma imibuzo emini-
ngi, **54** beyicuphile, ukuze ba-
thole iphutha entweni engase
iyisho.[f]

**12** Phakathi naleso sikha-
thi, lapho isixuku esi-
yizinkulungwane eziningi sesi-
buthene ndawonye size si-
nyathelana, yaqala ngokuba
ithi kubafundi bayo: “Qaphe-
lani imvubelo yabaFarisi, ewu-
buzenzisi.[g] **2** Kodwa akukho
lutho olufihlwe ngokucophele-
la olungeke lwambulwe, no-
kufihlekile okungeke kwazi-
we.[h] **3** Ngakho-ke noma yini
eniyisho ebumnyameni iyo-
zwakala ekukhanyeni, nalo-
kho enikuhleba emakamelwe-
ni enu kuyomenyezelwa phezu
kwezindlu. **4** Ngaphezu kwa-
lokho, ngithi kini, bangani
bami,[a] ningabesabi labo aba-
bulala umzimba kuthi ngemva
kwalokho bangakwazi ukwe-
nza lutho olungaphezu kwalo-
kho.[b] **5** Kodwa ngizonibonisa
lowo okumele nimesabe: Yesa-
bani Lowo onegunya lokupho-
nsa eGehena*[c] ngemva koku-
bulala. Yebo, ngiyanitshela,
yesabani Yena.[d] **6** Ondlunku-
lu abahlanu bathengiswa ngezi-
nhlamvu zemali ezimbili zena-
ni elincane,* akunjalo? Nokho
akukho nowodwa kubo oliba-
lekayo# kuNkulunkulu.[e] **7** Ko-
dwa ngisho nezinwele ezisema-
khanda enu zibaliwe zonke.[f] Ni-
ngesabi; nina nibaluleke nga-
phezu kondlunkulu abaningi.[g]

**8** “Ngithi kini, wonke umu-
ntu ongivumayo phambi kwaba-
ntu,[h] iNdodana yomuntu nayo
iyomvuma phambi kwezinge-
losi zikaNkulunkulu.[i] **9** Ko-
dwa noma ubani ongiphika-
yo phambi kwabantu uyophi-
kwa phambi kwezingelosi zika-
Nkulunkulu.[j] **10** Wonke umu-
ntu okhuluma kabi ngeNdo-
dana yomuntu, uyothethelelwa,
kodwa noma ubani ohlambala-
za umoya ongcwele ngeke athe-
thelelwe.[k] **11** Lapho beninge-
nisa phambi kwemihlangano
yomphakathi,* kwezikhulu zi-
kahulumeni neziphathimandla,
ningakhathazeki ngokuthi niyo-
khuluma kanjani noma ngoku-
thi niyozivikela nithini noma
ngokuthi yini eniyoyisho,[l]
**12** ngoba umoya ongcwele uyo-
nifundisa ngalo kanye lelo hora
izinto okufanele nizisho.”[m]

**13** Othile esixukwini wathi
kuyo: “Mfundisi, tshela umfo-
wethu ahlukaniselane nami

---

**11:50** *Noma, “libizwe.” **11:51** *Noma, “nethempeli.” #Noma, “liyobizwa.”

**12:5** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **12:6** *NgesiGreki, “ngama-asariyoni amabili.” Bheka iSithasiselo B14. #Noma, “onganakwa.” **12:11** *Noma kungaba, “kwamasinagoge.”

---

**ISAHL. 11**
- a IzE 7:52; Heb 11:32, 37
- b IsA 18:21, 24
- c Gen 4:8, 10
- d 2Kr 24:20-22
- e Mat 23:13; 1Th 2:14-16
- f Luk 20:20

**ISAHL. 12**
- g Mat 16:6; Mar 8:15
- h Mat 10:26, 27; Mar 4:22; Luk 8:17

**Uhla 2**
- a Joh 15:14
- b IzE 20:24
- c Mat 10:28
- d Isay 8:13; Heb 10:31; 1Pe 2:17; IsA 14:7
- e Mat 10:29
- f Mat 10:30; Luk 21:18
- g Mat 10:31; Luk 12:24
- h Rom 10:9
- i Mat 10:32, 33
- j Mar 8:38; Luk 9:26; 2Ti 2:12; 1Jo 2:23
- k Mat 12:31, 32; Mar 3:28, 29
- l Mat 10:19, 20; Mar 13:11; Luk 21:14, 15
- m Eks 4:12; IzE 6:8, 10

ifa.” **14** Yathi kuye: “Ndoda, ubani ongimise ngaba umahluleli noma umlamuli phakathi kwenu nobabili?” **15** Yabe isithi kubo: “Hlalani nivule amehlo, niqaphe zonke izinhlobo zokuhaha,*[a] ngoba ngisho nalapho umuntu enokuningi, ukuphila kwakhe akuveli ezintweni anazo.”[b] **16** Khona manjalo yabaxoxela umfanekiso, ithi: “Izwe lomuntu othile ocebile lakhiqiza kahle. **17** Ngenxa yalokho wazindla ngaphakathi kuye, ethi, ‘Ngizokwenzenjani njengoba ngingasenandawo yokubuthela isivuno sami?’ **18** Wayesethi, ‘Ngizokwenza lokhu:[c] Ngizodiliza izinqolobane zami ngakhe ezinkulu kunazo, ngibuthele khona ukudla kwami okusanhlamvu nayo yonke impahla yami, **19** ngithi kimi:* “Nginezinto# eziningi ezinhle eziqongelelwe iminyaka eminingi; khululeka, udle, uphuze, uzijabulise.”’ **20** Kodwa uNkulunkulu wathi kuye, ‘Muntu ongenangqondo, ngalobu busuku bayakufuna ukuphila* kwakho. Ubani-ke ozothola izinto oziqongelele?’[d] **21** Kunjalo ngomuntu oziqongelelela umcebo kodwa engacebile kuNkulunkulu.”[e]

**22** Yabe isithi kubafundi bayo: “Yingakho ngithi kini, yekani ukukhathazeka ngokuphila* kwenu ngokuqondene nokuthi niyodlani noma ngemizimba yenu ngokuqondene nokuthi niyogqokani.[f] **23** Ngoba ukuphila* kubaluleke ngaphezu kokudla nomzimba ngaphezu kwezingubo. **24** Cabangani ngamagwababa: Awahlwanyeli mbewu futhi awavuni; awananqolobane; kodwa uNkulunkulu uyawondla.[a] Nina anibalulekile yini kakhulu kunezinyoni?[b] **25** Ubani kini ongathi ngokukhathazeka anezele ngisho nomzuzu* esikhathini sakhe sokuphila? **26** Ngakhoke, uma ningenakuyenza into encane kangako, kungani nikhathazeka ngezinye izinto?[c] **27** Cabangani ngendlela izimbali* ezikhula ngayo: Azikhandleki futhi aziphothi zintambo; kodwa ngithi kini ngisho noSolomoni enkazimulweni yakhe yonke wayengahlobile nanjengeyodwa yazo.[d] **28** Manje, uma uNkulunkulu ezigqokisa kanjalo izitshalo zasendle ezikhona namuhla kusasa ziphonswe eziko, yeka ukuthi uyonigqokisa kangakananike nina eninokholo oluncane! **29** Ngakho yekani ukufuna lokho enizokudla nalokho enizokuphuza, futhi yekani ukuhlala nikhathazekile;[e] **30** ngoba konke lokhu kuyizinto izizwe zomhlaba ezizifuna ngokulangazela, kodwa uYihlo uyazi ukuthi niyazidinga lezi zinto.[f] **31** Kunalokho, qhubekani nifuna uMbuso wakhe, khona-ke lezi zinto ziyokwenezelwa kini.[g]

**32** “Ungesabi mhlambi omncane,[h] ngoba uYihlo uyakujabulela ukuninika uMbuso.[i] **33** Thengisani izinto zenu, niphane ngezipho zesihe.*[j] Zenzeleni izikhwama zemali ezingagugi, umcebo ongapheli emazulwini,[k] lapho kungekho sela elisondela khona nalapho inundu ingadli khona. **34** Ngoba lapho umcebo wenu

---

**12:15** *Noma, “zobugovu.” **12:19** *Noma, “emphefumulweni wami.” #Noma, “Mphefumulo wami unezinto.” **12:20, 23** *Noma, “umphefumulo.” **12:22** *Noma, “ngemiphefumulo.”

**12:25** *NgesiGreki, “nengalo.” Bheka iSithasiselo B14. **12:27** *Noma, “iminduze.” **12:33** *Noma, “zabampofu.” Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

---

ISAHL. 12

- a Eks 20:17, Dut 5:21, Kol 3:5
- b 1Ti 6:7
- c Jak 4:13-16
- d Hu 49:16-19, IzA 27:1
- e Shu 11:9, Mat 6:20, 1Ti 6:17-19, Jak 2:5
- f Mat 6:25-30, Flp 4:6

Uhla 2

- a Job 38:41, Hu 147:9
- b Mat 6:26, Luk 12:7
- c Mat 6:34
- d 1Kh 10:4-7
- e Mat 6:31, 32
- f 2Kr 16:9, Flp 4:19
- g Hu 34:10, Mat 6:33, 1Ti 4:8
- h Joh 10:14
- i Dan 7:27, Luk 22:28-30, Heb 12:28, Jak 2:5, IsA 1:6
- j Mat 19:21, Luk 18:22, IzE 2:45, IzE 4:34, 35
- k Mat 6:20, 21, Luk 16:9, 1Ti 6:18, 19

ukhona, kulapho nezinhliziyo
zenu ziyoba khona.
**35** “Gqokani izingubo zoku-
khonza nilunge,*[a] izibani zenu
zivuthe,[b] **36** kufanele nibe
njengabantu abalindele inkosi
yabo ukuba ibuye[c] emshadwe-
ni,[d] ukuze lapho ifika ingqo-
ngqoza bayivulele ngaso leso
sikhathi. **37** Ziyajabula lezo
zinceku okuthi lapho inkosi ifi-
ka izithole zilindile! Ngiqinisi-
le ngithi kini, iyogqoka* ingubo
yokukhonza, izicele ukuba zi-
hlale etafuleni, ize eceleni
kwazo izikhonze. **38** Uma ifi-
ka ngomlindo wesibili,* ngisho
noma ngowesithathu,# izitho-
le zilindile, ziyajabula! **39** Ko-
dwa yazini lokhu, ukube umni-
nindlu ubazi ukuthi isela li-
yofika ngaliphi ihora, ubenge-
ke avumele ukuba indlu ya-
khe igqekezwe.[e] **40** Nani fu-
thi, hlalani nimi ngomumo,
ngoba iNdodana yomuntu iza
ngehora eningacabangi ukuthi
kungaba yilo.”[f]
**41** UPetru wabe esethi:
“Nkosi, ingabe lo mfanekiso
uwutshela thina kuphela noma
uwutshela bonke abantu?”
**42** INkosi yathi: “Ubani nge-
mpela ongumphathi othembe-
kile,* oqondayo,# lowo inko-
si yakhe eyommisa phezu kwe-
zikhonzi△ zayo ukuba aqhu-
beke ezinika isilinganiso sazo
sokudla ngesikhathi esifanele?[g]
**43** Iyajabula leyo nceku okuyo-
thi lapho inkosi yayo ifika iyi-
thole yenza kanjalo! **44** Ngini-
tshela iqiniso, iyoyimisa phe-
zu kwakho konke okungokwa-
yo. **45** Kodwa uma kwenze-
ka leyo nceku ithi enhlizi-
yweni yayo, ‘Inkosi yami iya-
libala ukufika,’ bese iqala uku-
shaya izinceku nezincekukazi,
idle, iphuze idakwe,[a] **46** inko-
si yaleyo nceku iyofika ngosu-
ku engayilindele ngalo nange-
hora engalazi, iyijezise ka-
nzima kakhulu, iyibeke naba-
ngathembekile. **47** Leyo nce-
ku eyayiqonda intando yenkosi
yayo kodwa yangalunga noma
yangakwenza eyakucela,* iyo-
shaywa imivimbo eminingi.[b]
**48** Kodwa leyo engazange iqo-
nde kodwa yenza izinto eziye-
nza ifanelwe imivimbo, iyosha-
ywa embalwa. Ngempela, wo-
nke umuntu onikwe okuni-
ngi, kuyofunwa okuningi kuye,
lowo ophathiswe okukhulu, ku-
yofunwa okungaphezu koku-
jwayelekile kuye.[c]
**49** “Ngize ukuzokokhela
umlilo emhlabeni, yini enye
engingayifisa uma sewokhe-
lwe kakade? **50** Ngempela, ngi-
nobhapathizo okumele ngibha-
pathizwe ngalo, futhi yeka uku-
thi ngikhathazeke kangakanani
luze ludlule![d] **51** Ingabe ni-
cabanga ukuthi ngizele ukule-
tha ukuthula emhlabeni? Lu-
tho neze. Kodwa kunalokho
ngilethe ukuhlukana.[e] **52** Ngo-
ba kusukela manje kuqhubeke,
kuyoba nokwahlukana emndeni-
ni. Uma kunabahlanu kuwo,
abathathu bayomelana nababi-
li, ababili bamelane nabathathu.
**53** Bayohlukana, uyise amelane
nendodana nendodana imelane
noyise, unina amelane nendoda-
kazi nendodakazi imelane noni-
na, uninazala amelane nomalo-
kazana nomalokazana amelane
noninazala.”[f]

---

**12:35** *NgesiGreki, “Bhincani izinkalo zenu.” **12:37** *Noma, “iyobhinca.” **12:38** *Kusukela ngabo-9:00 ebusuku kuya phakathi kwamabili. #Kusukela phakathi kwamabili kuya ngabo-3:00 entathakusa. **12:42** *Noma, “wendlu othembekile.” #Noma, “ohlakaniphile.” △Noma, “kwezinceku zasendlini.”

**12:47** *Noma, “yangayenza intando yayo.”

---

ISAHL. 12

a Efe 6:14; 1Pe 1:13
b Mat 25:1; Flp 2:15
c Mar 13:35
d Mat 25:5
e Mat 24:43; 1Th 5:2; 2Pe 3:10; IsA 16:15
f Mat 24:44; Mat 25:13; IsA 3:3
g Mat 24:45-47

Uhla 2

a Mat 24:48-51
b Jak 1:22; Jak 4:17
c Mat 25:29; Joh 15:2
d Joh 12:27
e Mat 10:34-36; Joh 7:41, 43; Joh 9:16
f Mik 7:6

**54** Wabuye wathi ezixukwi-
ni: “Lapho nibona ifu liphaka-
ma entshonalanga, ngaso leso
sikhathi nithi, ‘Kuza isiphe-
pho,’ nangempela kube njalo.
**55** Lapho nibona ukuthi kuvu-
nguza umoya waseningizimu,
nithi, ‘Kuzoba nesivuvu,’ na-
ngempela sibe khona. **56** Ba-
zenzisi, niyakwazi ukuhlola
ukubonakala komhlaba nesi-
bhakabhaka, kodwa kungani
ningakwazi ukuhlola lesi sikha-
thi?[a] **57** Kungani futhi ninga-
zahluleleli ngokwenu ukuthi
yikuphi okulungile? **58** Ngo-
kwesibonelo, lapho uya ku-
mbusi nomuntu okumangale-
le, zama ukuxazulula ingxaba-
no ngesikhathi nisesendleleni,
ukuze angabe esakuyisa kuma-
hluleli, umahluleli angakunike-
li esikhonzini sasenkantolo, isi-
khonzi sasenkantolo singaku-
faki ejele.[b] **59** Ngiyakutshela,
nakanjani ngeke uphume lapho
kuze kube yilapho usukhokhe
uhlamvu lwemali oluncane lo-
kugcina.”*

**13** Ngaleso sikhathi, aba-
nye ababekhona bayibi-
kela ngabaseGalile uPilatu aye-
xube igazi labo nemihlatshe-
lo yabo. **2** Yaphendula yathi
kubo: “Ingabe nicabanga uku-
thi labo bantu baseGalile ba-
beyizoni ezimbi kakhulu ku-
nabo bonke abanye baseGali-
le ngoba beye bahlupheka
ngalezi zinto? **3** Ngiyanitshe-
la, akunjalo neze; kodwa nga-
phandle kokuba niphenduke,
nani nonke niyobhujiswa kanja-
lo.[c] **4** Noma labo abangu-18
umbhoshongo waseSilowama
owawela phezu kwabo waba-
bulala—ingabe nicabanga uku-
thi babenecala elikhulu kuna-
bo bonke abanye abantu aba-
hlala eJerusalema? **5** Ngiya-
nitshela, akunjalo neze; kodwa
ngaphandle kokuba niphendu-
ke, nani nonke niyobhujiswa
njengabo.”

**6** Yabe isilandisa lo mfa-
nekiso: “Umuntu othile wa-
yetshale isihlahla somkhiwane
ensimini yakhe, wafika ezofu-
na izithelo kuso, kodwa aka-
tholanga nesisodwa.[a] **7** Wathi
kumgcini-sivini, ‘Sekuyiminya-
ka emithathu ngiza ngifuna izi-
thelo kulesi sihlahla somkhiwa-
ne, kodwa angitholanga nesiso-
dwa. Sigawule! Kungani kufa-
nele sikhule sibe singavezi
zithelo?’ **8** Ephendula wathi
kuye, ‘Nkosi, siyeke sikhule
omunye unyaka ngize ngimbe
emaceleni aso ngifake umqu-
ba. **9** Uma sithela izithelo esi-
khathini esizayo, kuhle; kodwa
uma singatheli, uyobe ususiga-
wula.’ ”[b]

**10** Yayifundisa kwelinye
lamasinagoge ngeSabatha.
**11** Kwakukhona owesifazane
okwase kuyiminyaka engu-18
enomoya omenza abe buthaka-
thaka;* wayeqhothile engakwazi
nhlobo ukuma aqonde. **12** La-
pho embona, uJesu wakhu-
luma naye wathi: “Sifaza-
ne, ukhululiwe ebuthakathake-
ni bakho.”[c] **13** Wambeka iza-
ndla, ngaso leso sikhathi wa-
qonda, waqala ukukhazimulisa
uNkulunkulu. **14** Kodwa nge-
nxa yalokhu umphathi wesina-
goge, ethukuthele ngoba uJesu
elaphe ngeSabatha, wathi esixu-
kwini: “Zikhona izinsuku eziyi-
sithupha okufanele kusetshe-
nzwe ngazo;[d] anokuza nela-
shwe ngazo, hhayi ngosuku
lweSabatha.”[e] **15** Nokho, iNko-
si yamphendula yathi: “Bazenzi-
si,[f] ngamunye kini akayiqaqi yini
inkomo yakhe noma imbongolo

**ISAHL. 12**
*a* Mat 16:2, 3; Luk 19:42
*b* Mat 5:25, 26

**ISAHL. 13**
*c* IzE 3:19

**Uhla 2**
*a* Mat 21:19; Mar 11:13
*b* 2Pe 3:9
*c* Isay 61:1; Luk 4:18
*d* Eks 20:9, 10; Eks 35:2; Dut 5:13, 14
*e* Mat 12:10; Mar 3:2; Joh 5:15, 16
*f* Mat 23:27, 28; Luk 12:1

**12:59** *NgesiGreki, “ileptoni lokugcina.” Bheka iSithasiselo B14.

**13:11** *Noma, “akhubazeke.”

yakhe ngeSabatha esitebele-
ni ahambe nayo ayoyiphuzi-
sa?[a] **16** Akufanele yini lona we-
sifazane oyindodakazi ka-Abra-
hama, nowayeboshwe uSathane
iminyaka engu-18, ukuba akhulu-
lwe kulobu bugqila ngosuku
lweSabatha?” **17** Lapho isho
lezi zinto, bonke abaphikisi bayo
baba namahloni, kodwa sonke
isixuku sajabula ngazo zonke izi-
nto ezinhle eyayizenzile.[b]

**18** Ngemva kwalokho yathi:
“UMbuso kaNkulunkulu ufana
nani, ngingawuqhathanisa nani?
**19** Unjengohlamvu lwesinaphi
umuntu aluthatha walutshala
ensimini yakhe, lwakhula lwaba
isihlahla, izinyoni zezulu zahla-
la emagatsheni aso.”[c]

**20** Yaphinda yathi: “Nginga-
wuqhathanisa nani uMbuso
kaNkulunkulu? **21** Ufana ne-
mvubelo eyathathwa owesifa-
zane wayifaka ezilinganisweni*
ezintathu ezinkulu zikafulawa
yaze yabila yonke inhlama.”[d]

**22** Yahamba idolobha nedo-
lobha, umuzi nomuzi, ifundisa
futhi iqhubeka nohambo lwa-
yo iya eJerusalema. **23** Umu-
ntu othile wathi kuyo: “Nko-
si, ingabe abasindiswayo ba-
mbalwa?” Yathi kubo: **24** “Se-
benzani ngokuzikhandla ukuze
ningene ngomnyango omnca-
ne,[e] ngoba ngiyanitshela, aba-
ningi bayofuna ukungena ko-
dwa ngeke bakwazi. **25** La-
pho umnininindlu evuka ekhiya
umnyango, niyoma ngapha-
ndle ningqongqoze emnyango,
nithi, ‘Nkosi, sivulele.’[f] Kodwa
uyophendula athi kini, ‘Anga-
zi ukuthi nivelaphi.’ **26** Ni-
yoqala ukuthi, ‘Sasidla siphu-
za phambi kwakho, wawufundi-
sa emigwaqweni yethu emikhu-
lu.’[a] **27** Kodwa uyothi kini,
‘Angazi ukuthi nivelaphi. Suka-
ni kimi, nonke nina benzi bo-
kubi!’ **28** Lapho yilapho niyo-
khala khona niququde amazi-
nyo, lapho nibona u-Abraha-
ma, u-Isaka, uJakobe nabo bo-
nke abaprofethi eMbusweni ka-
Nkulunkulu, kodwa nina nikhi-
shelwe ngaphandle.[b] **29** Nga-
phezu kwalokho, kuyofika aba-
ntu bevela empumalanga nase-
ntshonalanga nasenyakatho
naseningizimu, bayohlala eta-
fuleni eMbusweni kaNkulunku-
lu. **30** Bhekani! kukhona abo-
kugcina abayoba ngabokuqala,
futhi kukhona abokuqala aba-
yoba ngabokugcina.”[c]

**31** Ngalo kanye lelo hora,
kwafika abanye babaFarisi, ba-
thi kuyo: “Phuma uhambe la-
pha ngoba uHerode ufuna
ukukubulala.” **32** Yathi kubo:
“Hambani nitshele leyo mpu-
ngushe nithi, ‘Bheka! Ngikhi-
pha amademoni futhi ngela-
pha abantu namuhla nakusa-
sa, ngosuku lwesithathu ngizo-
be sengiqedile.’ **33** Noma ku-
njalo, kumele ngihambe namu-
hla, nakusasa nangosuku
olulandelayo, ngoba akukwa-
zi* ukuba umprofethi abulawe-
lwe ngaphandle kweJerusale-
ma.[d] **34** Jerusalema, Jerusa-
lema, mbulali wabaprofethi no-
khanda ngamatshe labo aba-
thunyelwe kuwe[e]—kukaningi
kangakanani nje ngifuna uku-
buthela abantwana bakho nda-
wonye ngendlela isikhukhuka-
zi esibuthela ngayo amatshwe-
le aso ngaphansi kwamaphi-
ko aso! Kodwa nina anifuna-
nga.[f] **35** Bhekani! Indlu yenu
ishiywa nani.[g] Ngiyanitshela,
anisoze nangibona nize nithi:
‘Ubusisiwe lowo oza ngegama
likaJehova!’ ”*[h]

ISAHL. 13
a Luk 14:5
b Luk 9:43
c Mat 13:31, 32; Mar 4:30-32
d Mat 13:33
e Isay 55:6; Mat 7:13, 14; Flp 3:12-14; 1Ti 6:12
f Luk 6:46

Uhla 2
a Mat 7:22, 23
b Mat 8:11, 12
c Mat 19:30; Mar 10:31
d Mat 16:21
e 2Kr 24:20, 21; Neh 9:26
f Mat 23:37
g Lev 26:31; 1Kh 9:7, 8; Jer 12:7; Jer 22:5
h Hu 118:26; Mat 23:38, 39

**13:21** *NgesiHebheru, “ezilinganisweni zamaseya.” Iseya lalilingana no-7,33 L. Bheka iSithasiselo B14.

**13:33** *Noma, “akunakwenzeka.” **13:35** *Bheka iSithasiselo A5.

**14** Ngesinye isikhathi, yaha-
mba yayodla endlini yo-
munye wabaholi babaFarisi nge-
Sabatha, amehlo abo ayengasu-
ki kuyo. **2** Phambi kwayo kwa-
kukhona umuntu owayenesifo
sokuvuvuka.* **3** Ngakho uJe-
su wabuza labo ababeyiza-
zi zoMthetho nabaFarisi, wathi:
"Kungokomthetho yini ukwela-
pha ngeSabatha noma cha?"[a]
**4** Kodwa bathula. Wabe ese-
mbamba lowo muntu, wamphu-
lukisa, wamhambisa. **5** Wathi
kubo: "Ubani kini, ongathi uma
indodana yakhe noma inkomo
yakhe iwele emgodini,[b] angayi-
khiphi masinyane ngosuku lwe-
Sabatha?"[c] **6** Abakwazanga
ukumphendula.
**7** Lapho ephawula indlela
ababezikhethela ngayo izinda-
wo ezivelele kunazo zonke, wa-
landisa umfanekiso othile
kubantu ababemenyiwe.[d] Wa-
thi kubo: **8** "Lapho umenywa
othile edilini lomshado, unga-
hlali endaweni evelele kuna-
zo zonke.[e] Kungenzeka ku-
khona othile okhethekile ku-
nawe ammemile. **9** Bese ku-
thi lowo onimeme nobabili
eze kuwe athi, 'Dedela lo mu-
ntu ahlale kule ndawo.' Uyo-
be ususuka unamahloni uyo-
hlala endaweni ephansi kunazo
zonke. **10** Kodwa lapho ume-
nyiwe, hamba uhlale endawe-
ni ephansi kunazo zonke, uku-
ze kuthi lapho umuntu oku-
memile eza, athi kuwe,
'Mngani, woza uzohlala enda-
weni engcono.' Khona-ke uyo-
ba nodumo phambi kwazo zo-
nke izimenywa ezikanye nawe.[f]
**11** Ngoba wonke umuntu ozi-
phakamisayo uyothotshiswa,
nanoma ubani ozithobayo uyo-
phakanyiswa."[g]

**12** Wabe esethi nakumuntu
ommemile: "Lapho wenza isi-
dlo sasemini noma isidlo saku-
sihlwa, ungabizi abangani ba-
kho noma abafowenu noma izi-
hlobo zakho noma omakhelwa-
ne bakho abacebile. Uma we-
nza kanjalo bangase bakume-
me nawe, bese kuba imbuyise-
lo kuwe. **13** Kodwa lapho we-
nza idili, mema abahlupheka-
yo, abakhubazekile, izinyonga,
izimpumputhe;[a] **14** khona-ke
uyojabula, ngoba abanalutho
abangakubuyisela ngalo. Ngo-
ba uyonikwa imbuyiselo ovu-
kweni[b] lwabalungile."
**15** Isimenywa esithile kwe-
zazikanye naye, sizwa lezi zi-
nto sathi kuye: "Uyajabula
odla* eMbusweni kaNkulunku-
lu."
**16** UJesu wathi kuso: "Umu-
ntu othile wayenza isidlo esi-
khulu sakusihlwa,[c] wame-
ma abantu abaningi. **17** Wa-
thumela inceku yakhe ngeho-
ra lesidlo sakusihlwa ukuba ithi
kwabamenyiwe, 'Wozani, ngo-
ba konke sekulungile.' **18** Ko-
dwa bonke benza into efa-
nayo, baqala ukwenza izaba.[d]
Owokuqala wathi kuyo, 'Ngithe-
nge insimu futhi kudingeka ngi-
phume ngiyoyibona; ngiyakuce-
la, ngixolele.' **19** Omunye wa-
thi, 'Ngithenge izinkomo eziyi-
shumi,* ngisayozihlola; ngiya-
kucela, ngixolele.'[e] **20** Nomu-
nye futhi wathi, 'Ngisanda
kushada, ngenxa yalesi siza-
thu angikwazi ukuza.' **21** Nga-
kho inceku yeza yabika lezi
zinto enkosini yayo. Inkosi
yathukuthela yathi encekwi-
ni yayo, 'Phuma masinya-
ne uye emigwaqweni emi-
khulu nemincane yedolobha,

ISAHL. 14
a Luk 6:9; Joh 7:23
b Eks 23:5; Dut 22:4
c Mat 12:11; Luk 13:15
d Mat 23:2, 6; Luk 11:43; Luk 20:46
e IzA 25:6, 7
f IzA 15:33; Jak 4:10; 1Pe 5:5
g IzA 29:23; Mat 23:12; Luk 18:14; Jak 4:6

Uhla 2
a Job 31:16, 22; IzA 3:27, 28
b Joh 5:28, 29; Joh 11:24; IzE 24:15
c Mat 22:2
d Mat 22:3
e Mat 22:5

**14:2** *Noma, "sokudumba," ukugcwala kwamanzi ngokweqile emzimbeni.

**14:15** *NgesiGreki, "odla isinkwa."
**14:19** *NgesiGreki, "amapheya ayisihlanu."

ungenise lapha abahluphekayo, abakhubazekile, abayizimpumputhe nabayizinyonga.’
**22** Ngemva kwesikhathi inceku
yathi, ‘Nkosi, okuyalile sekwenziwe, kodwa isekhona indawo.’
**23** Inkosi yabe isithi encekwini, ‘Phuma uye emigwaqweni nasezindleleni ezingaphandle kwedolobha, ubaphoqe ukuba bangene ukuze indlu
yami igcwale.[a] **24** Ngoba ngithi kini, akekho noyedwa kulabo bantu abamenyiwe ozonambitha isidlo sami sakusihlwa.’ ”[b]

**25** Isixuku esikhulu sasihamba naye, waphenduka wathi
kuso: **26** “Uma umuntu eza kimi kodwa engamzondi uyise nonina nomkakhe nabantwana nabafowabo nawodadewabo, yebo, ngisho nokuphila kwakhe imbala,[c] akakwazi ukuba umfundi wami.[d] **27** Noma
ubani ongathwali isigxobo sakhe sokuhlushwa* angilandele, akakwazi ukuba umfundi
wami.[e] **28** Ngokwesibonelo,
ubani kini othi efuna ukwakha umbhoshongo angahlali phansi kuqala abale izindleko, ukuze abone ukuthi unakho yini okwanele ukuba awuqede? **29** Ngaphandle kwalokho, angase abeke isisekelo sawo kodwa angakwazi ukuwuqeda, bonke ababukele baqale ukumhleka usulu, **30** be-
thi: ‘Lo muntu waqala ukwakha kodwa akakwazanga ukuqeda.’ **31** Noma, iyiphi inko-
si okuthi lapho imasha iyolwa nenye inkosi empini, ingahlali phansi kuqala icebisane nabanye ukuze ibone ukuthi ingakwazi yini ngamabutho angu-10 000 ukuba ibhekane naleyo ezolwa nayo enamabutho angu-

14:27 *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

ISAHL. 14
a Mat 22:9, 10
b Mat 21:43 Mat 22:8
c IsA 12:11
d Mat 10:37 Luk 18:29, 30 Joh 12:25
e Mat 16:24 Mar 8:34 Luk 9:23

Uhla 2
a Mat 19:27 Luk 9:62 Flp 3:7, 8
b Mat 5:13 Mar 9:50 Kol 4:6
c Mat 13:43 Mar 4:9 IsA 2:29

ISAHL. 15
d Mat 9:10, 11 Mar 2:15, 16 Luk 5:29, 30 1Ti 1:15
e Hez 34:11, 16 Mat 18:12, 13 Luk 19:10
f Mat 18:14 Rom 12:15 1Pe 2:25
g Hez 33:11 Luk 5:32

20 000? **32** Eqinisweni, uma
ingeke ikwazi ukwenza kanjalo, kuyothi ngesikhathi leyo enye isekude ithumele amanxusa inxuse ukuba kube nokuthula. **33** Ngendlela efana-
yo, ningaqiniseka ukuthi akekho noyedwa kini ongavalelisi kukho* konke anakho ongaba umfundi wami.[a]

**34** “Empeleni usawoti muhle. Kodwa uma usawoti uphelelwa amandla awo, uyovuselelwa ngani?[b] **35** Awuyifanele
inhlabathi nomquba. Abantu bayawulahla. Onezindlebe zokulalela makalalele.”[c]

**15** Bonke abaqoqi bentela nezoni babelokhu bemzungeza ukuze bamlalele.[d] **2** Ko-
kubili abaFarisi nababhali babelokhu bevungazela, bethi: “Lo muntu wamukela izoni adle
nazo.” **3** Wabe esebaxoxela lo
mfanekiso: **4** “Ubani phakathi
kwenu ongathi enezimvu ezingu-100, okungathi lapho elahlekelwa eyodwa kuzo angazishiyi ezingu-99 ehlane ahambe ayofuna elahlekile aze ayithole?[e] **5** La-
pho eseyitholile, uyayitshatha
ajabule. **6** Lapho efika ekhaya,
ubiza abangani bakhe nomakhelwane bakhe, athi kubo, ‘Jabulani kanye nami, ngoba ngiyitholile imvu yami ebilahlekile.’[f] **7** Ngiyanitshela ngithi ngendlela efanayo, kuyoba nenjabulo eyengeziwe ezulwini ngesoni esisodwa esiphendukayo[g] kunabangu-99 abalungile abangenasidingo sokuphenduka.

**8** “Noma, ukhona yini owesifazane onezinhlamvu zesiliva* eziyishumi, okuthi uma elahlekelwa uhlamvu lwesiliva# olulodwa, angakhanyisi isiba-

14:33 *Noma, “ongakulahli.” 15:8 *Noma, “zedrakma.” Bheka iSithasiselo B14. *Noma, “lwedrakma.” Bheka iSithasiselo B14.

ni ashanele indlu yakhe alufu-
ne ngokucophelela aze alutho-
le? **9** Lapho eselutholile, ubi-
za abangani bakhe* noma-
khelwane, athi, 'Jabulani ka-
nye nami, ngoba ngilutholile
uhlamvu lwesiliva# obelungila-
hlekele.' **10** Ngendlela efana-
yo, ngiyanitshela, kuba khona
injabulo phakathi kwezingelosi
zikaNkulunkulu ngesoni esiso-
dwa esiphendukayo."[a]

**11** Wabe esethi: "Umu-
ntu othile wayenamadodana
amabili. **12** Encane yathi ku-
yise, 'Baba, nginike ingxe-
nye yempahla okufanele ize
kimi.' Ngakho, wawahlukanise-
la impahla yakhe. **13** Ngemva
kwezinsuku ezimbalwa, indo-
dana encane yaqoqa zonke izi-
nto yaya ezweni elikude, yasa-
phaza lapho impahla yayo ngo-
kuphila ukuphila kokuzitika
ngamanyala.* **14** Lapho isiku-
sebenzise konke eyayinakho,
kwaba khona indlala enkulu
kulo lonke lelo zwe, yaqa-
la ukuswela. **15** Yaze yaha-
mba yazihlanganisa nesinye se-
zakhamuzi zalelo zwe esayi-
thumela emadlelweni aso uku-
ba yeluse izingulube.[b] **16** Ya-
yifisa ukusuthiswa ukudla kwe-
zingulube, kodwa akekho owa-
yeyinika utho.

**17** "Lapho isanguluka, ya-
thi, 'Yeka ukuthi ziningi ka-
ngakanani izisebenzi zikaba-
ba ezinenala yesinkwa, kuyila-
pho mina ngifa indlala la-
pha! **18** Ngizosuka ngiye ku-
baba ngithi kuye: "Baba, ngoni-
le kulo izulu nakuwe. **19** Aku-
sangifanele ukubizwa ngoku-
thi ngiyindodana yakho. Nge-
nze ngibe omunye wezisebe-
nzi zakho."' **20** Ngakho yasu-
ka yaya kuyise. Lapho iseku-
de, uyise wayibona wayihawu-
kela, wagijima wayanga ngotha-
ndo wayiqabula. **21** Indodana
yathi kuye, 'Baba, ngonile
kulo izulu nakuwe.[a] Akusangi-
fanele ukubizwa ngokuthi ngi-
yindodana yakho.' **22** Kodwa
uyise wathi ezincekwini zakhe,
'Sheshani! Khiphani ingubo
enhle kunazo zonke, nimgqo-
kise yona, nifake indandatho
esandleni sakhe nezimbadada
ezinyaweni zakhe. **23** Lethani
nethole elikhuluphele, nilihla-
be, sidle sihalalise, **24** ngoba
le ndodana yami ibifile, manje
isiyaphila;[b] ibilahlekile, manje
isitholakele.' Baqala ukuzijabu-
lisa.

**25** "Indodana yakhe enda-
la yayisensimini, njengoba ibu-
ya futhi isondela ngasendli-
ni, yezwa umculo nokudansa.
**26** Ngakho yabiza enye yezi-
nceku yayibuza ukuthi kwenze-
kani. **27** Yathi kuyo, 'Umfo-
wenu ubuyile, uyihlo umhla-
bele ithole elikhuluphele,
ngoba umthole ephile saka.'*
**28** Kodwa yathukuthela, ye-
nqaba ukungena ngaphaka-
thi. Uyise waphuma wayince-
nga. **29** Iphendula yathi ku-
yise, 'Bheka! Sekuyiminyaka
eminingi ngiyinceku yakho fu-
thi angikaze nakanye ngeqe
imiyalo yakho, kodwa awuka-
ze nakanye unginike izinyane
ukuze ngizijabulise nabangani
bami. **30** Kodwa ngokushesha
nje lapho kufika le ndodana ya-
kho eyadla izinto zakho nezife-
be, uyihlabele ithole elikhulu-
phele.' **31** Uyise wathi kuyo,
'Ndodana yami, ubulokhu una-
mi sonke lesi sikhathi, zonke
izinto zami ezakho. **32** Kodwa

**ISAHL. 15**
*a* Mat 9:13; Mar 2:17
*b* Lev 11:7, 8

**Uhla 2**
*a* 2Kr 7:14; Hu 32:5; Hu 51:4; IzA 28:13; Luk 18:13; 1Jo 1:9
*b* Rom 6:13; Efe 2:4, 5

**15:9** *Noma, "abangani bakhe besifazane." #Noma, "lwedrakma." Bheka iSithasiselo B14. **15:13** *Noma, "kokusaphaza; budedengu."

**15:27** *Noma, "ephephile."

bekufanele sihalalise futhi sija-
bule, ngoba umfowenu ubefile
manje useyaphila; ubelahlekile
manje usetholakele.' "

**16** Washo nalokhu kubafu-
ndi: "Isicebi esithile sa-
sinomphathi* owamangalelwa
ngokusaphaza impahla yaso.
**2** Ngakho sambiza sathi kuye,
'Yini le engiyizwayo ngawe?
Buyisa izincwadi zobuphathi
bakho, ngoba ngeke usaqhube-
ka nokuphatha indlu.' **3** Um-
phathi wathi ngaphakathi
kuye, 'Ngizokwenzenjani nje-
ngoba inkosi yami ingiyeki-
sa ukuba umphathi? Anginawo
amandla anele okumba, ngina-
mahloni okucela kubantu.
**4** O! Ngiyakwazi engizokwenza
ukuze kuthi lapho ngikhishwa
ebuphathini, abantu banga-
mukele emizini yabo.' **5** Wabi-
za ngamunye kulabo abakwele-
ta inkosi yakhe, wathi kowoku-
qala, 'Kungakanani okukweleta
inkosi yami?' **6** Wathi, 'Izili-
nganiso* eziyikhulu zamafutha
omnqumo.' Wathi kuye, 'Tha-
tha isivumelwano sakho esi-
bhaliwe, uhlale phansi, ubha-
le masinyane izilinganiso ezi-
ngu-50.' **7** Wathi kolandelayo,
'Wena ukweleta okungakana-
ni?' Wathi, 'Izilinganiso* ezi-
nkulu eziyikhulu zikakolwe-
ni.' Wathi kuye, 'Thatha isi-
vumelwano sakho esibhaliwe
ubhale izilinganiso ezingu-80.'
**8** Inkosi yakhe yamncoma um-
phathi, nakuba engalungile,
ngoba enze ngokuhlakanipha;*
ngoba amadodana alesi simiso
sezinto* ahlakaniphe kakhulu
esizukulwaneni sawo kunama-
dodana okukhanya.[a]
**9** "Futhi ngithi kini: Zenze-
leni abangani ngengcebo enga-
lungile,[b] ukuze kuthi lapho
ihluleka, banamukele ezinda-
weni zokuhlala zaphakade.[c]
**10** Umuntu othembekile koku-
ncane kakhulu uthembekile na-
kokukhulu, nomuntu ongalu-
ngile kokuncane kakhulu aka-
lungile nakokukhulu. **11** Nga-
kho-ke, uma ningazibonisanga
nithembekile endleleni enise-
benzisa ngayo ingcebo enga-
lungile, ubani oyoniphathisa
ingcebo yangempela? **12** Fu-
thi uma ningazibonisanga ni-
thembekile ezintweni zomunye
umuntu, ubani oyoninika oku-
ngokwenu?[d] **13** Ayikho ince-
ku engaba isigqila samakhosi
amabili, ngoba iyozonda enye
ithande enye, noma iyonama-
thela kwenye idelele enye. Ani-
kwazi ukuba izigqila zikaNku-
lunkulu nezeNgcebo."[e]
**14** AbaFarisi, ababethanda
imali, babezilalele zonke lezi
zinto, baqala ukumklolode-
la.[f] **15** Ngenxa yalokho wathi
kubo: "Niyilabo abathi balungi-
le phambi kwabantu,[g] kodwa
uNkulunkulu uyazazi izinhlizi-
yo zenu.[h] Ngoba okuphakeme
kubantu kuyanyanyeka eme-
hlweni kaNkulunkulu.[i]
**16** "UMthetho nabaProfethi
kwakukhona kwaze kwafika
uJohane. Kusukela ngaleso
sikhathi kuqhubeke, uMbu-
so kaNkulunkulu umenyeze-
lwa njengezindaba ezinhle, zo-
nke izinhlobo zabantu ziphike-
lela kuwo.[j] **17** Ngempela, ku-
lula ukuba izulu nomhlaba ku-
dlule kunokuba ingxenyana

---

Uhla 2

ISAHL. 16

*a* Joh 12:36, Efe 5:8, 1Th 5:5
*b* Mat 19:21, 1Ti 6:17
*c* Mat 25:34, Luk 12:20, 21
*d* Luk 12:48
*e* Mat 6:24
*f* Isay 53:3
*g* Mat 6:2, Mat 23:27, 28, Luk 18:9
*h* 1Sa 16:7, 1Kr 28:9, 2Kr 6:30
*i* 1Pe 5:5
*j* Mat 11:12, 13

---

**16:1** *Noma, "sasinomphathi wendlu." **16:6** *Noma, "Izilinganiso zamabhathi." Ibhathi lalilingana no-22 L. Bheka iSithasiselo B14. **16:7** *Noma, "Izilinganiso zamakhora." Ikhora lalilingana no-220 L. Bheka iSithasiselo B14. **16:8** *Noma, "ngokuqonda."

**16:8** *Noma, "ale nkathi." Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

eyodwa yoMthetho ingagcwaliseki.[a]

**18** "Wonke umuntu odivosa umkakhe ashade nomunye uyaphinga, futhi noma ubani oshada nowesifazane odivose umyeni wakhe uyaphinga.[b]

**19** "Kwakukhona isicebi esithile esasivame ukugqoka okuphephuli nelineni, sizijabulisa usuku nosuku sikhomba ngophakathi. **20** Kodwa isinxibi* esigama laso linguLazaru sasivame ukubekwa esangweni lakhe, sigcwele izilonda, **21** sifisa ukusuthiswa ngezinto eziwa etafuleni lesicebi. Ngisho nezinja zaziza zikhothe izilonda zaso. **22** Ngokuhamba kwesikhathi, isinxibi safa, izingelosi zasithwala zasiyisa eceleni kuka-Abrahama.*

"Isicebi naso safa sangcwatshwa. **23** SiseThuneni* saphakamisa amehlo, njengoba sisezinhlungwini, sabona u-Abrahama ekude noLazaru eseceleni# kwakhe. **24** Ngakho samemeza sathi, 'Baba Abrahama, yiba nesihe kimi, uthume uLazaru ukuba agcobhoze isihloko somunwe wakhe emanzini apholise ulimi lwami, ngoba ngisezinhlungwini kulo mlilo ovutha amalangabi.' **25** Kodwa u-Abrahama wathi, 'Mntwana, khumbula ukuthi wena waba nezinto eziningi ezinhle usaphila, kodwa uLazaru yena wathola izinto ezimbi. Manje, yena uthola induduzo lapha, wena usezinhlungwini. **26** Ngaphandle kwakho konke lokho, kumiswe umhosha omkhulu phakathi kwethu nani, ukuze labo abafuna ukuwelela kini besuka lapha bangakwazi, nabantu bangaweleli kithi besuka lapho.' **27** Sabe sesithi, 'Uma kunjalo, ngiyakucela baba, ukuba umthume endlini kababa, **28** ngoba nginabafowethu abahlanu, ukuze afakaze ngokugcwele kubo, ngenjongo yokuba nabo bangezi kule ndawo yobuhlungu.' **29** Kodwa u-Abrahama wathi, 'BanoMose nabaProfethi; mabalalele bona.'[a] **30** Sona sathi, 'Baba Abrahama, ngeke babalalele, kodwa uma othile ovela kwabafile eya kubo, bazophenduka.' **31** Kodwa wathi kuso, 'Uma bengamlaleli uMose[b] nabaProfethi, ngeke balalele noma kuvuka umuntu kwabafile.' "

**17** Wabe esethi kubafundi bakhe: "Akunakugwenywa ukuba kwenzeke izinto ezikhubekisa abanye. Noma kunjalo, maye kulowo owenza lezo zinto kwabanye! **2** Bekuyoba ngcono ngaye ukube bekungalengiswa itshe lokugaya entanyeni yakhe aphonswe olwandle kunokuba akhube omunye kulaba abancane.[c] **3** Qaphelani. Uma umfowenu enza isono, mkhuze,[d] uma ephenduka, mthethelele.[e] **4** Ngisho noma ona kuwe kasikhombisa ngosuku, abuye kuwe kasikhombisa, ethi, 'Ngiyaphenduka,' kumele umthethelele."[f]

**5** Abaphostoli babe sebethi eNkosini: "Siphe ukholo olwengeziwe."[g] **6** INkosi yathi: "Ukube beninokholo olulingana nohlamvu lwesinaphi, beniyothi kulesi sihlahla sikamalibhele omnyama, 'Siphuleka utshaleke olwandle!' sinilalele.[h]

---

**16:20** *Umuntu ocela imali nezinye izinto kwabanye. **16:22** *NgesiGreki, "esifubeni sika-Abrahama." **16:23** *Noma, "SiseHayidesi," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. #NgesiGreki, "esesifubeni."

ISAHL. 16
a Mat 5:17, 18
b Mat 5:32; Mat 19:9; Mar 10:11, 12

Uhla 2
a Dut 18:18; Luk 24:25-27
b Joh 5:46

ISAHL. 17
c Mat 18:6; Mar 9:42
d IzA 17:10
e Lev 19:17; Mat 18:15
f Isay 55:7; Mat 6:12; Mat 18:21, 22; Kol 3:13; 1Pe 4:8
g Mar 9:23, 24; Heb 12:2
h Mat 17:20; Mat 21:21; Mar 11:23

**7** "Ubani kini ongathi ene-
nceku elimayo noma eyelusayo,
kuthi lapho ingena ivela ensi-
mini athi kuyo, 'Woza lapha
khona manje udle etafuleni'?
**8** Kunalokho, ngeke yini athi
kuyo, 'Lungisa okuthile ukuze
ngidle isidlo sami sakusihlwa,
ufake iphinifa, ungikhonze ngi-
ze ngiqede ukudla nokuphuza,
kamuva nawe ungadla uphu-
ze'? **9** Ngeke ayibonge ince-
ku ngoba yenze umsebenzi
wayo, akunjalo? **10** Ngokufa-
nayo nani, lapho nenze zonke
izinto enabelwe zona, anothi:
'Siyizinceku ezingelusizo lwalu-
tho. Lokho esikwenzile yilokho
obekufanele sikwenze.' "[a]

**11** Ngesikhathi eya eJerusa-
lema wadabula phakathi kwe-
Samariya neGalile. **12** Nje-
ngoba engena emzini, wahla-
ngana namadoda ayishumi
anochoko, kodwa amela kude.[b]
**13** Aphakamisa amazwi awo
athi: "Jesu, Mfundisi, yiba nesi-
he kithi!" **14** Lapho ewabona
wathi kuwo: "Hambani niziveze
kubapristi."[c] Njengoba ehamba,
ahlanzwa.[d] **15** Enye yawo, la-
pho ibona ukuthi yelashiwe, ya-
buyela emuva, ikhazimulisa
uNkulunkulu ngezwi elikhulu.
**16** Yaguqa, yakhothama ezi-
nyaweni zikaJesu, yambo-
nga. Ngaphezu kwalokho, yayi-
ngumSamariya.[e] **17** UJesu
wathi: "Bonke abayishumi ba-
hlanziwe, akunjalo? Pho, baphi
abanye abangu-9? **18** Akekho
yini omunye obuyile ukuze
anike uNkulunkulu inkazimulo
ngaphandle kwalo muntu we-
sinye isizwe?" **19** Wathi kuyo:
"Sukuma uhambe; ukholo lwa-
kho lukuphilisile."[f]

**20** Lapho ebuzwa abaFari-
si ukuthi uMbuso kaNkulunku-
lu uza nini,[g] wabaphendula
wathi: "UMbuso kaNkulunku-
lu awuzi ngokubonakala oku-
phawulekayo; **21** futhi aba-
ntu ngeke bathi, 'Bhekani na-
nku!' noma, 'Nankuya!' Ngoba
bhekani! uMbuso kaNkulunku-
lu uphakathi kwenu."[a]

**22** Wabe esethi kubafundi:
"Kuyofika izinsuku lapho ni-
yofisa khona isikhathi soku-
ba iNdodana yomuntu ibe
nani, kodwa ngeke nisibone.
**23** Abantu bayothi kini, 'Bhe-
kani nanguya!' noma, 'Bheka-
ni nangu!' Ningaphumi fu-
thi ningabalandeli.[b] **24** Ngo-
ba, njengoba nje umbani uba-
nika kusukela kwenye ingxe-
nye yezulu kuya kwenye ingxe-
nye yezulu, iyoba njalo iNdo-
dana yomuntu[c] ngosuku lwa-
yo.[d] **25** Nokho, okokuqala ku-
mele idlule ekuhluphekeni oku-
ningi futhi yaliwe yilesi sizu-
kulwane.[e] **26** Ngaphezu kwa-
lokho, njengoba nje kwenzeka
ezinsukwini zikaNowa,[f] kuyoba
njalo nasezinsukwini zeNdoda-
na yomuntu:[g] **27** babedla, be-
phuza, amadoda eshada, abe-
sifazane beshadiswa, kwaze
kwaba yilolo suku uNowa ange-
na ngalo emkhunjini,[h] kwafika
uZamcolo wababhubhisa bo-
nke.[i] **28** Ngokufanayo, nje-
ngoba nje kwenzeka ezinsukwi-
ni zikaLoti:[j] babedla, bephuza,
bethenga, bethengisa, betsha-
la, bakha. **29** Kodwa ngosuku
uLoti aphuma ngalo eSodoma,
kwana umlilo nesibabule kuve-
la ezulwini kwababhubhisa bo-
nke.[k] **30** Kuyokwenzeka oku-
fanayo nangalolo suku lapho
kwambulwa iNdodana yomu-
ntu.[l]

**31** "Ngalolo suku umuntu
ophezu kwendlu kodwa ompa-
hla yakhe isendlini makange-
hli ayithathe, nomuntu onga-
phandle ensimini, naye akume-
le abuyele ezintweni ezise-

ISAHL. 17
a 1Ko 9:16
b Lev 13:45, 46
c Lev 14:2-4; Dut 24:8; Mat 8:3, 4; Luk 5:13, 14
d 2Kh 5:1, 14
e 2Kh 17:24; Joh 4:9
f Mat 9:22; Mar 5:34; Luk 7:50
g Mat 24:3

Uhla 2
a Mat 12:28; Mat 21:5
b Mat 24:23; Mar 13:21; Luk 21:8; 1Jo 4:1
c Dan 7:13
d Mat 24:27
e Mar 8:31; Mar 9:31; Luk 9:22
f Gen 6:5
g Mat 24:37-39
h Gen 7:7
i Gen 7:17, 21
j Gen 19:15
k Gen 19:24, 25
l 1Ko 1:7; 2Th 1:7, 8

muva. **32** Khumbulani umka-
Loti.[a] **33** Noma ubani ofuna
ukusindisa ukuphila kwakhe
uyolahlekelwa yikho, kodwa
noma ubani olahlekelwa yi-
kho uyokusindisa.[b] **34** Ngiya-
nitshela, ngalobo busuku aba-
ntu ababili bayobe besembhe-
deni owodwa; omunye uyo-
thathwa, kodwa omunye uyo-
shiywa.[c] **35** Kuyobe kunabe-
sifazane ababili begaya etshe-
ni elilodwa; omunye uyotha-
thwa, kodwa omunye uyoshi-
ywa." **36** *— **37** Ngenxa ya-
lokhu bathi kuye: "Kuphi Nko-
si?" Wathi kubo: "Lapho ku-
khona khona isidumbu, kula-
pho futhi izinkozi ziyobuthane-
la khona."[d]

**18** Ngemva kwalokho waba-
tshela umfanekiso omaye-
lana nesidingo sokuba batha-
ndaze njalo bangayeki,[e] **2** ethi:
"Edolobheni elithile kwakukho-
na umahluleli owayengamesabi
uNkulunkulu futhi engahloniphi
muntu. **3** Kwakukhona nomfe-
lokazi kulelo dolobha owayelo-
khu eya kuye, ethi, 'Qikelela
ukuthi ngithola ubulungisa ku-
muntu ongimangalele.' **4** Kwa-
dlula isikhathi esithile engazi-
misele ukumsiza, kodwa kamu-
va wathi kuye ngaphakathi,
'Nakuba ngingamesabi uNkulu-
nkulu futhi ngingahloniphi mu-
ntu, **5** ngenxa yokuthi lo mfe-
lokazi ulokhu engikhathaza,
ngizoqikelela ukuthi uyabutho-
la ubulungisa, ukuze angalokhu
eza ezongikhathaza ngesicelo
sakhe.'"[f] **6** INkosi yathi: "Yi-
zwani lokho umahluleli akusho,
nakuba engalungile! **7** Ngoku-
qinisekile, ngeke yini uNkulu-
nkulu abangele ukuba benzelwe
ubulungisa abantu bakhe aba-
khethiwe abakhala kuye ubusu-
ku nemini,[a] ngisho noma ebabe-
kezelela?[b] **8** Ngiyanitshela,
uyobangela ukuba benzelwe
ubulungisa ngokushesha. Noma
kunjalo, lapho iNdodana yomu-
ntu ifika, ingabe ngempela iyo-
luthola lolu kholo* emhlabeni?"

**9** Yalandisa nalo mfanekiso
kwabanye ababezithemba uku-
thi balungile futhi bebheka
bonke abanye njengabange-
lutho: **10** "Abantu ababili ba-
khuphukela ethempelini beyo-
thandaza, omunye engumFari-
si omunye engumqoqi we-
ntela. **11** UmFarisi wama, wa-
thandaza ethi ngaphakathi
kuye, 'O Nkulunkulu, ngiyaku-
bonga ngokuthi angifani nabo
bonke abanye abantu—abapha-
ngi, abangalungile, iziphingi—
ngisho nanjengalo mqoqi we-
ntela. **12** Ngizila ukudla kabi-
li ngesonto; nginikela okwe-
shumi kwakho konke engiku-
tholayo.'[c] **13** Kodwa umqoqi
wentela, emi kude, engathandi
ngisho nokuphakamisela ame-
hlo akhe ezulwini, wayelokhu
eshaya isifuba sakhe, ethi, 'O
Nkulunkulu, yiba nomusa
kimi,* mina soni.'[d] **14** Ngiya-
nitshela, lo muntu wehlela
kwakhe ebhekwa njengolungile
kunalowo mFarisi.[e] Ngoba wo-
nke umuntu oziphakamisayo
uyohlazeka, kodwa noma ubani
ozithobayo uyophakanyiswa."[f]

**15** Abantu babeletha aba-
ntwana babo ukuze ibathinte,
kodwa lapho bekubona lokhu,
abafundi babakhuza.[g] **16** No-
kho, uJesu wabizela abantwa-
na kuye, ethi: "Bayekeni aba-
ntwana beze kimi, ningaza-
mi ukubavimba, ngoba uMbu-
so kaNkulunkulu ungowa-
banjalo.[h] **17** Ngiqinisile ngithi

**17:36** *Bheka iSithasiselo A3.

**18:8** *Noma, "lolu hlobo lokholo." NgesiGreki, "ukholo." **18:13** *Noma, "ngibonise isihe."

ISAHL. 17
a Gen 19:17, 26
b Mat 10:39, Mat 16:25, Mar 8:35, Luk 9:24, Joh 12:25
c Mat 24:40, 41
d Mat 24:28

ISAHL. 18
e Rom 12:12, Efe 6:18, Flp 4:6, Kol 4:2, 1Th 5:17
f Luk 11:7, 8

Uhla 2
a IsA 6:9, 10
b 2Pe 3:9
c Mat 23:23
d Hu 51:1-3
e Isay 66:2, Mat 21:28-31
f Isay 2:11, Mat 23:12, Jak 4:6, 1Pe 5:5
g Mat 19:13-15, Mar 10:13-16
h 1Pe 2:2

kini, noma ubani ongawamuke-
li uMbuso kaNkulunkulu nje-
ngomntwana akasoze angena
kuwo.”[a]

**18** Omunye wababusi wa-
mbuza wathi: “Mfundisi Omu-
hle, yini okumele ngiyenze uku-
ze ngizuze ifa lokuphila okupha-
kade?”[b] **19** UJesu wathi kuye:
“Kungani uthi ngimuhle? Ake-
kho omuhle ngaphandle ko-
yedwa, uNkulunkulu.[c] **20** Uya-
yazi imiyalo ethi: ‘Ungaphingi,[d]
ungabulali,[e] ungebi,[f] ungafaka-
zi amanga,[g] hlonipha uyihlo no-
nyoko.’ ”[h] **21** Yena wathi: “Ngi-
yigcinile yonke le miyalo kusu-
kela ebusheni bami.” **22** Nge-
mva kokuzwa lokho, uJesu wa-
thi kuye, “Kusekhona into eyo-
dwa eshodayo kuwe: Thengisa
zonke izinto onazo, imali yazo
uyabele abahluphekayo, uyoba
nengcebo emazulwini; bese uza
ube umlandeli wami.”[i] **23** La-
pho ezwa lokhu, waba lusi-
zi kakhulu, ngoba wayecebe ka-
khulu.[j]

**24** UJesu wambheka wathi:
“Yeka ukuthi kuyoba nzima
kangakanani ngalabo abanema-
li ukuba bangene eMbusweni
kaNkulunkulu![k] **25** Eqinisweni,
kulula ukuba ikamela lichu-
she embotsheni yenaliti yoku-
thunga kunokuba isicebi singe-
ne eMbusweni kaNkulunkulu.”[l]
**26** Labo abezwa lokhu bathi:
“Kanti ubani ongasindiswa?”[m]
**27** Wathi: “Izinto ezingenakwe-
nzeka kubantu zingenzeka ku-
Nkulunkulu.”[n] **28** Kodwa uPe-
tru wathi: “Bheka! Sikushiyile
obekungokwethu sakulandela.”[o]
**29** Wathi kubo: “Ngiqinisile ngi-
thi kini, Akekho oshiye indlu
noma umkakhe noma abafowa-
bo noma abazali noma abantwa-
na ngenxa yoMbuso kaNkulu-
nkulu[p] **30** ongeke athole oku-
phindwe kaningi kwamanje, na-
sesikhathini* esizayo, ukuphila
okuphakade.”[a]

**31** Wabe esebizela ecele-
ni abayiShumi Nambili* wathi
kubo: “Bhekani! Sikhuphukela
eJerusalema, zonke izinto eza-
lotshwa ngokuqondene neNdo-
dana yomuntu kusetshenzi-
swa abaprofethi zizofezeka.#[b]
**32** Ngokwesibonelo, izonike-
lwa kubantu bezizwe,[c] kuhleki-
swe ngayo,[d] yeyiswe futhi ikha-
fulelwe.[e] **33** Ngemva kokuyi-
bhaxabula bazoyibulala,[f] ko-
dwa izovuka ngosuku lwesitha-
thu.”[g] **34** Nokho, abayithola-
nga incazelo yanoma iyiphi ya-
lezi zinto, ngoba la mazwi aye-
fihlekile kubo, babengaziqondi
izinto ezazishiwo.

**35** Njengoba uJesu esonde-
la eJeriko, impumputhe ethi-
le yayihlezi eceleni komgwa-
qo icela izinto kwabanye.*[h]
**36** Ngenxa yokuthi yayizwe isi-
xuku sidlula, yabuza ukuthi
kwakwenzekani. **37** Bayibike-
la bathi: “Kudlula uJesu umNa-
zaretha!” **38** Lapho izwa lo-
kho, yamemeza yathi: “Jesu,
Ndodana kaDavide, ngiboni-
se isihe!” **39** Labo ababepha-
mbili bayikhuza bethi mayi-
thule, kodwa yaqhubeka ime-
meza nakakhulu, ithi: “Ndo-
dana kaDavide, yiba nesihe
kimi!” **40** UJesu wama, waya-
la ukuba lo muntu alethwe
kuye. Lapho esesondele kuye,
uJesu wambuza: **41** “Ufuna
ngikwenzeleni?” Wathi: “Nko-
si, ngenze ngiphinde ngibone.”
**42** Ngakho uJesu wathi kuye:
“Phinda ubone; ukholo lwakho
lukuphilisile.”[i] **43** Ngaso leso
sikhathi waphinde wabona,

ISAHL. 18

a Mat 18:3; Mar 10:15
b Mat 19:16-22; Mar 10:17-22; Luk 10:25-28
c Mat 19:17; Mar 10:18
d Eks 20:14; Dut 5:18
e Eks 20:13; Dut 5:17
f Eks 20:15; Dut 5:19
g Eks 20:16; Dut 5:20
h Eks 20:12; Dut 5:16; Rom 13:9; Efe 6:2
i Mat 6:20; Mat 19:21; Mar 10:21; Luk 12:33; 1Ti 6:18, 19
j Mat 19:22; Mar 10:22
k IzA 11:28; Mat 19:23; Mar 10:23, 24; 1Ti 6:9
l Mat 19:24; Mar 10:25
m Mat 19:25
n Mat 19:26; Mar 10:27
o Mat 19:27
p Mat 19:28, 29; Mar 10:29, 30

Uhla 2

a IsA 2:10
b Mat 16:21; Mat 20:17-19; Mar 10:32-34
c Mat 27:2; IzE 3:13
d Hu 22:7
e Isay 50:6
f Isay 53:5, 7
g Mar 10:33, 34; Luk 9:22
h Mat 20:29-34; Mar 10:46-52
i Luk 7:50; Luk 17:19

**18:30** *Noma, “nasesimisweni sezinto.” Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.
**18:31** *Okuwukuthi, abaphostoli abangu-12. #Noma, “zizopheleliswa.”
**18:35** *Noma, “inxiba.”

wabe esemlandela,[a] ekhazimu-
lisa uNkulunkulu. Lapho bebo-
na lokhu, bonke abantu badu-
misa uNkulunkulu.[b]

**19** Wabe esengena eJeriko
edlula khona. **2** Kwaku-
khona indoda okuthiwa uZake-
wu; yayingumqoqi wentela om-
khulu futhi icebile. **3** Yayiza-
ma ukubona ukuthi waye-
ngubani lo Jesu, kodwa yayi-
ngakwazi ukubona ngenxa ye-
sixuku ngoba yayimfushane.
**4** Ngakho yagijima phambi-
li, yagibela esihlahleni somsi-
khamori* ukuze imbone, ngoba
wayesezodlula ngaleyo ndlela.
**5** Lapho uJesu efika kuleyo
ndawo, wabheka phezulu wa-
thi kuyo: "Zakewu, shesha we-
hle ngoba namuhla kumele ngi-
hlale endlini yakho." **6** We-
hla ngokushesha, wamamuke-
la ngenjabulo njengesimenywa.
**7** Lapho bekubona lokhu, bo-
nke bavungazela, bethi: "Uyo-
vakashela emzini womuntu oyi-
soni."[c] **8** Kodwa uZakewu wa-
sukuma wathi eNkosini: "Bhe-
ka! Uhhafu wezinto zami Nko-
si, ngiwupha abampofu, futhi
noma yini engayiphanga ku-
noma ubani,* ngiyibuyisela
isiphindwe kane."[d] **9** UJesu
wathi kuye: "Namuhla insindi-
so ifikile kule ndlu, ngoba
nawe uyindodana ka-Abraha-
ma. **10** Ngoba iNdodana yo-
muntu izele ukufuna nokusi-
ndisa lokho obekulahlekile."[e]

**11** Lapho besalalele lezi zi-
nto, walandisa omunye umfa-
nekiso, ngoba wayeseduze
kwaseJerusalema futhi babe-
cabanga ukuthi uMbuso ka-
Nkulunkulu uzobonakala* nga-
so leso sikhathi.[f] **12** Ngakho
wathi: "Umuntu wozalo lwase-
bukhosini waya ezweni eli-
kude[a] ukuze azitholele ama-
ndla obukhosi bese eyabuya.
**13** Ebiza izinceku zakhe ezi-
yishumi, wazinika omina* aba-
yishumi wathi kuzo, 'Hwebani
ngabo ngize ngibuye.'[b] **14** Ko-
dwa abantu bakubo babemzo-
nda, bathumela amanxusa uku-
ba athi kuye, 'Asifuni ukuba
ube inkosi yethu.'

**15** "Ekugcineni lapho ebuya
ngemva kokuba esethole ama-
ndla obukhosi,* wabiza izi-
nceku ayezinike imali# ukuze
athole ukuthi zizuzeni ngoku-
hweba.[c] **16** Ngakho eyokuqala
yeza, yathi, 'Nkosi, umina wa-
kho uzuze omina abayishu-
mi.'[d] **17** Wathi kuyo, 'Wenze
kahle nceku enhle! Ngenxa yo-
kuthi uzibonakalise uthembe-
kile entweni encane kakhulu,
uzophatha amadolobha ayishu-
mi.'[e] **18** Kwabe sekuza eyesi-
bili, yathi, 'Umina wakho Nko-
si, wenze omina abahlanu.'[f]
**19** Wathi nakulena, 'Nawe fu-
thi, phatha amadolobha ama-
hlanu.' **20** Kodwa enye yeza
yathi, 'Nkosi, nanku umina
wakho engawufihla ugoqwe
ngendwangu. **21** Uyabona, be-
ngikwesaba ngoba ungumuntu
onokhahlo; uthatha ongakube-
kanga, uvuna ongakutshala-
nga.'[g] **22** Wathi kuyo, 'Ngikwa-
hlulela ngamazwi akho nceku
embi. Bewazi ukuthi ngingumu-
ntu onokhahlo, akunjalo, otha-
tha angakubekanga novuna
angakutshalanga?[h] **23** Pho ku-
ngani ungazange uyifake imali
yami* ebhange? Lapho ngibuya,
bengiyoyithatha isinenzalo.'

---

**19:4** *Noma, "somthombe." **19:8** *Noma, "engayiphanga kunoma ubani ngokummangalela ngamanga." **19:11** *Noma, "uzofika."

**19:13** *Umina wamaGreki wawulingana no-340 g, futhi kucatshangwa ukuthi wawulingana namadrakma angu-100. Bheka iSithasiselo B14. **19:15** *Noma, "umbuso." #NgesiGreki, "isiliva." **19:23** *NgesiGreki, "isiliva lami."

---

**ISAHL. 18**
a Mat 20:34
b Luk 5:26

**ISAHL. 19**
c Mat 9:11, Luk 5:30, Luk 15:2
d Eks 22:1, Lev 6:4, 5
e Hez 34:16, Mat 9:13, Mat 15:24, Luk 15:4, Rom 5:8, 1Ti 1:15
f IzE 1:6

**Uhla 2**
a Mat 25:14, Mar 13:34, Joh 18:36
b Mat 25:15
c Mat 25:19
d Mat 25:20, 21
e Luk 16:10
f Mat 25:22, 23
g Mat 25:24
h Mat 25:26, 27

**24** Wabe esethi kulabo aba-
bemi lapho, 'Thathani umi-
na kuye niwunike lowo onomi-
na abayishumi.'[a] **25** Kodwa ba-
thi kuye, 'Nkosi, unomina aba-
yishumi!'— **26** 'Ngithi kini, bo-
nke abanakho, bayonikwa okwe-
ngeziwe, kodwa lowo ongena-
kho, uyophucwa ngisho nalokho
anakho.[b] **27** Ngaphezu kwalo-
kho, ziletheni lapha lezi zitha
zami ezingafunanga ukuba ngi-
be inkosi yazo, nizibulale pha-
mbi kwami.'"

**28** Ngemva kokuba ese-
sho lezi zinto, waqhubekela
phambili, wakhuphukela eJe-
rusalema. **29** Lapho esonde-
la eBhetfage naseBhethaniya
entabeni ebizwa ngokuthi iNta-
ba Yeminqumo,[c] wathuma aba-
fundi ababili,[d] **30** wathi: "Ha-
mbani niye emizini ephambi
kwenu, ngemva kokuba seni-
ngenile kuyo, nizothola ithole
lembongolo liboshiwe, okunge-
kho muntu owake wahlala phe-
zu kwalo. Liqaqeni nililethe la-
pha. **31** Kodwa uma kukho-
na onibuzayo ethi, 'Niliqaqe-
lani?' kumele nithi, 'INkosi
iyalidinga.'" **32** Ngakho labo
ababethunyiwe bahamba, ba-
thola kunjengoba nje ayeshi-
lo kubo.[e] **33** Kodwa njengo-
ba beliqaqa ithole lembongolo,
abanikazi balo bathi kubo: "Ni-
liqaqelani ithole?" **34** Bathi:
"INkosi iyalidinga." **35** Baliyi-
sa kuJesu, baphonsa izingu-
bo zabo zangaphandle phezu
kwethole lembongolo, bahlali-
sa uJesu phezu kwalo.[f]

**36** Njengoba eqhubeka eha-
mba, babendlala izingubo
zabo zangaphandle endleleni.[g]
**37** Ngokushesha lapho eso-
ndela endleleni eyehlayo eNta-
beni Yeminqumo, lonke uqu-
qaba lwabafundi lwaqala uku-
jabula nokudumisa uNkulunku-
lu ngezwi elikhulu ngenxa
yayo yonke imisebenzi yama-
ndla olwaluyibonile, **38** luthi:
"Ubusisiwe lowo oza njenge-
Nkosi ngegama likaJehova!*
Ukuthula ezulwini, nenkazimu-
lo ezindaweni eziphakeme ezi-
phezulu!"[a] **39** Nokho, abanye
kubaFarisi ababesesixukwini
bathi kuye: "Mfundisi, khuza
abafundi bakho."[b] **40** Kodwa
wabaphendula wathi: "Ngiyani-
tshela, uma laba bebengathula,
amatshe abezomemeza."

**41** Lapho eseseduze, wali-
buka idolobha walikhalela,[c]
**42** ethi: "Ukube wena, yebo
wena, ubuziqondile kulolu
suku izinto eziphathelene no-
kuthula—kodwa manje zifihli-
we emehlweni akho.[d] **43** Ngo-
ba uzofikelwa izinsuku lapho
izitha zakho zizokwakha utha-
ngo nxazonke zakho ngezi-
gxobo ezicijile, zikuzungeze, zi-
kuvimbezele* nhlangothi zo-
nke.[e] **44** Zizokuphahlaza pha-
nsi wena nabantwana bakho.[f]
Akukho tshe kuleli dolobha
eliyoshiywa phezu kwelinye
itshe,[g] ngoba uNkulunkulu we-
zela ukuzokwahlulela, kodwa
wena awukuqondanga lokho."

**45** Wangena ethempelini wa-
qala ukuxosha ababethengisa,[h]
**46** ethi kubo: "Kulotshiwe uku-
thi, 'Indlu yami iyoba yindlu
yomthandazo,'[i] kodwa nina niye-
nze umhume wabaphangi."[j]

**47** Waqhubeka efundisa
ethempelini nsuku zonke. Ko-
dwa abapristi abakhulu naba-
bhali nabavelele kubantu babe-
funa ukumbulala;[k] **48** kodwa
abayitholanga indlela yokwe-
nza lokhu, ngoba abantu bonke
ngothi lwabo babelokhu be-
namathele kuye ukuze bamla-
lele.[l]

ISAHL. 19
a Mat 25:28
b Mat 13:12; Mat 25:29; Mar 4:25; Luk 8:18
c IzE 1:12
d Mat 21:1-3; Mar 11:1-6
e Mat 21:6, 7
f Zak 9:9; Mar 11:7-10; Joh 12:14, 15
g Mat 21:8

Uhla 2
a Hu 118:26; Mat 21:9; Mar 11:9
b Mat 21:15; Joh 12:19
c Joh 11:35
d Isay 6:9, 10; Mat 13:14
e Dut 28:52; Dan 9:26; Luk 21:20
f Luk 23:28, 29
g Mat 24:2; Mar 13:2; Luk 21:6
h Mat 21:12; Mar 11:15, 16
i Isay 56:7
j Jer 7:11; Mat 21:13; Mar 11:17; Joh 2:16
k Mar 11:18
l Mar 12:37; Luk 21:38

---

**19:38** *Bheka iSithasiselo A5. **19:43** *Noma, "zikucindezele."

**20** Ngolunye lwalezo zinsu-
ku lapho efundisa abantu
ethempelini futhi ememezela izi-
ndaba ezinhle, kweza abapri-
sti abakhulu nababhali namado-
da amadala, **2** bathi kuye: "Si-
tshele ukuthi uzenza ngagunya
lini lezi zinto? Noma ukuthi uba-
ni okunike leli gunya?"[a] **3** Wa-
baphendula wathi: "Nami ngizo-
nibuza umbuzo, nina ningi-
phendule: **4** Ingabe ubhapathi-
zo lukaJohane lwaluvela ezulwi-
ni noma kubantu?" **5** Babe se-
befinyelela eziphethweni bebo-
dwa, bethi: "Uma sithi, 'Ezulwi-
ni,' uzothi, 'Kungani ningamkho-
lwanga?' **6** Kodwa uma sithi,
'Kubantu,' abantu bonke ngo-
thi lwabo bazosishaya ngama-
tshe basibulale, ngoba bayaqini-
seka ukuthi uJohane waye-
ngumprofethi."[b] **7** Ngakho ba-
phendula ngokuthi abazi uku-
thi lwaluvelaphi. **8** UJesu wa-
thi kubo: "Nami ngeke ngi-
nitshele ukuthi ngizenza ngagu-
nya lini lezi zinto."

**9** Watshela abantu lo mfane-
kiso: "Umuntu othile watshala
insimu yamagilebhisi,[c] wayiqa-
shisa kubalimi, wayesehamba
isikhathi eside waya kude.[d]
**10** Ngenkathi efanele, wathu-
mela inceku kubalimi ukuze
bamnike ezinye zezithelo ze-
nsimu yamagilebhisi. Nokho,
abalimi bayihambisa ingaphe-
the lutho ngemva kokuyisha-
ya.[e] **11** Kodwa waphinda fu-
thi wathumela enye inceku. Na-
leyo futhi bayishaya, bayihlazi-
sa, bayihambisa ingaphethe lu-
tho. **12** Nokho waphinda wa-
thumela eyesithathu; nalena
futhi bayilimaza bayixosha.
**13** Umnikazi wensimu yamagi-
lebhisi wathi, 'Kufanele nge-
nzenjani? Ngizothumela indo-
dana yami ethandekayo.[f] Cishe
yona bazoyihlonipha.' **14** La-
pho abalimi beyibona, ba-
bonisana bethi, 'Lena indla-
lifa. Masiyibulale ukuze ifa
libe elethu.' **15** Babe sebeyi-
phonsa ngaphandle kwensimu
yamagilebhisi bayibulala.[a] Yini-
ke umnikazi wensimu azoye-
nza kubo? **16** Uzoza ababula-
le laba balimi, insimu yamagile-
bhisi ayinike abanye."

Lapho bezwa lokhu, bathi:
"Kwangathi kungelokothe kwe-
nzeke lokho!" **17** Kodwa wa-
babheka ngqo, wathi: "Kusho
ukuthini-ke lokhu okulotshiwe:
'Itshe elenqatshwa abakhi, se-
libe yitshe legumbi* eliyinhlo-
ko'?[b] **18** Wonke umuntu owe-
la phezu kwalelo tshe uyophi-
hlizeka.[c] Noma ubani eliwela
phezu kwakhe, liyomgaya."

**19** Ababhali nabapristi aba-
khulu bafuna ukumbeka isa-
ndla ngalo kanye lelo hora,
kodwa besaba abantu, ngo-
ba baqonda ukuthi waye-
khulume lo mfanekiso eca-
banga ngabo.[d] **20** Ngemva ko-
kumqaphisisa, bathumela aba-
ntu ababebaqashe ngasese uku-
ba bazishaye abalungile uku-
ze bathole iphutha enkulu-
mweni yakhe,[e] ukuze bamni-
kele kuhulumeni nakumbusi.
**21** Bambuza bathi: "Mfundisi,
siyazi ukuthi ukhuluma futhi
ufundisa iqiniso futhi awu-
khethi, kodwa ufundisa indle-
la kaNkulunkulu ngokuvume-
lana neqiniso: **22** Kungokom-
thetho* yini ukuba sikhokhe
intela kuKhesari noma cha?"
**23** Kodwa wabubona ubuqi-
li babo, wathi kubo: **24** "Ngi-
boniseni udenariyu.* Okabani
umfanekiso nombhalo oqoshwe
kuwo?" Bathi: "OkaKhesari."
**25** Wathi kubo: "Ngakho-ke,

**20:17** *NgesiGreki, "lasekhoneni." **20:22** *Noma, "Kulungile." **20:24** *Bheka iSithasiselo B14.

**ISAHL. 20**
a Mat 21:23-27; Mar 11:27-33
b Luk 7:29
c Isay 5:7
d Mat 21:33-41; Mar 12:1-9
e 2Kh 17:13, 14; 2Kr 36:15, 16; IzE 7:52; Heb 11:36, 37
f Mat 17:5; Joh 3:16

**Uhla 2**
a IzE 3:15
b Hu 118:22; Isay 28:16; Mat 21:42, 44; Mar 12:10, 11; IzE 4:11; 1Pe 2:7
c Isay 8:14, 15
d Mat 21:45, 46; Mar 12:12
e Mat 22:15-22; Mar 12:13-17

buyiselani izinto zikaKhesa-
ri kuKhesari,[a] kodwa izinto zi-
kaNkulunkulu kuNkulunkulu.”[b]
**26** Abakwazanga ukumbamba
ngenkulumo yakhe phambi
kwabantu, kodwa bemangazwe
impendulo yakhe, bavele ba-
thula.

**27** Nokho, abanye kubaSa-
dusi, labo abathi alukho uvu-
ko,[c] beza kuye bambuza ba-
thi:[d] **28** “Mfundisi, uMose wa-
silobela wathi, ‘Uma umfowa-
bo womuntu efa eshiya umfa-
zi, kodwa engazange abe na-
bantwana, umfowabo kufane-
le amngene* lowo mfazi aveze-
le umfowabo inzalo.’[e] **29** Ma-
nje kwakukhona izelamani ezi-
yisikhombisa. Owokuqala wa-
thatha umfazi kodwa wafa
engenabantwana. **30** Nowesi-
bili **31** nowesithathu bamsha-
da. Bonke abayisikhombisa be-
nza into efanayo; bafa banga-
shiya bantwana. **32** Ekugcine-
ni, owesifazane naye wafa.
**33** Ngakho ovukweni ubani
ayoba ngumkakhe? Ngoba
waba yinkosikazi yabo bonke
abayisikhombisa.”

**34** UJesu wathi kubo: “Aba-
ntwana balesi simiso sezi-
nto* bayashada futhi bayasha-
diswa, **35** kodwa labo ababa-
lwe njengabakufanele ukuzu-
za lesiya simiso sezinto noku-
vuka kwabafile abashadi futhi
abashadiswa.[f] **36** Eqinisweni,
ngeke besafa, ngoba banjenge-
zingelosi futhi bangabantwana
bakaNkulunkulu ngokuba aba-
ntwana bovuko. **37** Kodwa
ukuthi abafile bayavuswa, ngi-
sho noMose wakwenza kwazi-
wa endabeni ephathelene ne-
sihlahla sameva, lapho ebi-
za uJehova* ngokuthi ‘uNku-
lunkulu ka-Abrahama noNku-
lunkulu ka-Isaka noNkulunku-
lu kaJakobe.’[a] **38** UnguNkulu-
nkulu wabaphilayo, akayena
owabafile, ngoba bonke ba-
yaphila kuye.”*[b] **39** Besabela
kulokhu, abanye bababhali ba-
thi: “Mfundisi, ukhulume ka-
hle.” **40** Ngoba babengasena-
so nesibindi sokumbuza ngisho
nombuzo owodwa.

**41** Yena wababuza wathi:
“Basho kanjani ukuthi uKri-
stu uyindodana kaDavide?[c]
**42** Ngoba uDavide ngokwa-
khe uthi encwadini yamaHu-
bo, ‘UJehova* wathi eNkosi-
ni yami: “Hlala ngakwesoku-
dla sami **43** ngize ngibeke izi-
tha zakho zibe yisenabelo sezi-
nyawo zakho.” ’[d] **44** Njengoba
uDavide embiza ngokuthi Nko-
si, angaba kanjani indodana ya-
khe?”

**45** Lapho bonke abantu be-
salalele, wathi kubafundi
bakhe: **46** “Xwayani ababha-
li abathanda ukuhambahamba
begqoke izingubo ezinde, no-
kubingelelwa ezimakethe, nezi-
hlalo eziphambili* emasinago-
geni, nezindawo ezivelele ku-
nazo zonke ezidlweni zaku-
sihlwa,[e] **47** abashaqa izindlu*
zabafelokazi, benze nemitha-
ndazo emide ukuze babukise.#
Laba bayothola isahlulelo esi-
nzima kakhulu.”

**21** Njengoba ephakamisa
amehlo, wabona abacebi-
le bephonsa izipho zabo ema-
bhokisini omnikelo.[f] **2** Wabo-
na umfelokazi othile ohluphe-
kayo efaka phakathi izinhla-
mvu zemali ezimbili ezincane,

**ISAHL. 20**
a Rom 13:7; Tit 3:1; 1Pe 2:13
b Mat 22:21; Mar 12:17
c IzE 23:8
d Mat 22:23-28; Mar 12:18-23
e Gen 38:7, 8; Dut 25:5, 6
f Mat 22:29, 30; Mar 12:24, 25

**Uhla 2**
a Eks 3:2, 6; Mat 22:31-33; Mar 12:26, 27
b Mat 22:32
c Mat 22:41-46; Mar 12:35-37
d Hu 110:1; IzE 2:34, 35
e Mat 23:2, 6, 7; Mar 12:38-40

**ISAHL. 21**
f Mar 12:41

**20:28** *Noma, “amthathe abe umkakhe.” **20:34** *Noma, “bale nkathi.” Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**20:37, 42** *Bheka iSithasiselo A5. **20:38** *Noma, “bayaphila ngokombono wakhe.” **20:46** *Noma, “ezingcono.” **20:47** *Noma, “izinto.” #Noma, “bezenzisa.”

eziyinani elincane kakhulu,*[a] **3** wathi: “Ngiqinisile ngithi kini, lo mfelokazi ohluphekayo, ufake okungaphezu kokufakwe yibo bonke.[b] **4** Ngoba bonke laba bafake izipho ezivela enaleni yabo, kodwa yena nakuba ehlupheka, ufake konke abenakho abeziphilisa ngakho.”[c]

**5** Kamuva, lapho abanye bekhuluma ngethempeli, indlela elalihlotshiswe ngayo ngamatshe amahle nangezinto ezinikelwe,[d] **6** wathi: “Lezi zinto enizibonayo, kuyofika izinsuku okungeke kushiywe ngazo itshe phezu kwetshe lingadilizelwa phansi.”[e] **7** Bambuza bathi: “Mfundisi, empeleni ziyokwenzeka nini lezi zinto, futhi luyoba yini uphawu* lokuthi lezi zinto sezizokwenzeka?”[f] **8** Wathi: “Xwayani ukuba ningadukiswa;[g] ngoba baningi abayoza ngegama lami, bethi, ‘Nginguye,’ bethi futhi, ‘Isikhathi esifanele sesisondele.’ Ningabalandeli.[h] **9** Ngaphezu kwalokho, lapho nizwa ngezimpi neziyaluyalu, ningesabi. Ngoba lezi zinto kumele zenzeke kuqala, kodwa ukuphela ngeke kufike ngokushesha.”[i]

**10** Wabe esethi kubo: “Isizwe siyovukela isizwe,[j] nombuso uvukele umbuso.[k] **11** Kuyoba khona ukuzamazama komhlaba okukhulu, ezindaweni ngezindawo kube khona ukusweleka kokudla nezifo eziwumshayabhuqe;[l] kuyoba khona imibono eyesabekayo, nasezulwini kube khona izibonakaliso ezinkulu.

**12** “Kodwa ngaphambi kokuba kwenzeke zonke lezi zinto, abantu bayomelana nani banishushise,[a] baninikele emasinagogeni nasemajele. Niyolethwa phambi kwamakhosi nababusi ngenxa yegama lami.[b] **13** Lokho kuyoninikeza ithuba lokufakaza. **14** Ngakho, nqumani ezinhliziyweni zenu ukuba ningalungiseleli kusengaphambili ukuthi niyozivikela kanjani,[c] **15** ngoba ngiyoninika amazwi nokuhlakanipha, bonke abaphikisi benu behlangene abangeke bakwazi ukumelana nakho noma bakuphikise.[d] **16** Ngaphezu kwalokho, niyonikelwa ngisho ngabazali nangabafowenu nayizihlobo nangabangani, bayobulala abanye kini,[e] **17** niyozondwa abantu bonke ngenxa yegama lami.[f] **18** Kodwa ngeke kushabalale ngisho nonwele olulodwa emakhanda enu.[g] **19** Ngokukhuthazela kwenu niyolonda ukuphila* kwenu.[h]

**20** “Nokho, lapho nibona iJerusalema lihaqwe amabutho akanisile,[i] yazini ukuthi ukubhujiswa kwalo sekusondele.[j] **21** Labo abaseJudiya mababalekele ezintabeni,[k] abaphakathi kwalo baphume, abasemaphandleni bangangeni kulo, **22** ngoba lezi yizinsuku zempindiselo,* ukuze zonke izinto ezilotshiwe zigcwaliseke. **23** Maye kwabesifazane abakhulelwe nakwabancelisayo ngalezo zinsuku![l] Ngoba kuyoba nosizi olukhulu ezweni nolaka kulaba bantu. **24** Bayokuwa ngenkemba bathunjelwe kuzo zonke izizwe;[m] iJerusalema liyonyathelwa phansi yizizwe,* kuze kugcwaliseke izikhathi ezimisiwe zezizwe.#[n]

---

**21:2** *NgesiGreki, “amaleptoni amabili.” Bheka iSithasiselo B14. **21:7** *Noma, “isibonakaliso.”

**21:19** *Noma, “niyozuza imiphefumulo.” **21:22** *Noma, “zokwenza ubulungisa.” **21:24** *Noma, “abeZizwe.” #Noma, “zabeZizwe.”

---

**ISAHL. 21**
- *a* Mar 12:42
- *b* Mar 12:43, 44; 2Ko 8:12
- *c* Mat 22:37
- *d* Mat 24:1, 2; Mar 13:1, 2
- *e* Luk 19:44
- *f* Mat 24:3; Mar 13:4
- *g* 2Ti 3:13; 1Jo 4:1; IsA 12:9
- *h* Mat 24:4, 5; Mar 13:5, 6
- *i* Mat 24:6; Mar 13:7
- *j* IsA 6:4
- *k* Mat 24:7; Mar 13:8
- *l* IzE 11:28; IsA 6:8

**Uhla 2**
- *a* Joh 16:2
- *b* Mat 10:17, 18; Mat 24:9; Mar 13:9; IzE 25:23; IsA 2:10
- *c* Luk 12:11, 12
- *d* Mar 13:11; IzE 6:8, 10
- *e* Mik 7:6; Mar 13:12, 13; IzE 7:59
- *f* Mat 10:22; Mat 24:9
- *g* Mat 10:29, 30; Luk 12:6, 7
- *h* Mat 24:13; Rom 5:3, 4; Heb 10:36; 2Pe 1:5, 6
- *i* Luk 19:43
- *j* Dan 9:26; Mat 23:37, 38; Mat 24:15, 16
- *k* Mar 13:14
- *l* Mat 24:19; Mar 13:17; Luk 23:28, 29
- *m* Dut 28:64; Dan 9:26
- *n* Dan 4:25

**25** “Kuyoba khona izibona-
kaliso elangeni nasenyangeni
nasezinkanyezini,[a] kube khona
usizi lwezizwe emhlabeni, zi-
ngayazi indlela yokuphuma
ngenxa yokuduma kolwandle
nokuyaluza kwalo. **26** Abantu
bayoquleka ngenxa yokwesaba
nokulindela izinto ezehlela um-
hlaba, ngoba amandla amazu-
lu ayonyakaziswa. **27** Ngemva
kwalokho bayobona iNdodana
yomuntu[b] iza ngefu inamandla
nenkazimulo enkulu.[c] **28** Ko-
dwa njengoba lezi zinto ziqala
ukwenzeka, yimani niqonde ni-
phakamise amakhanda enu,
ngoba ukukhululwa kwenu ku-
yasondela.”

**29** Wabe eselandisa umfane-
kiso kubo ethi: “Qaphelani isi-
hlahla somkhiwane nazo zo-
nke ezinye izihlahla.[d] **30** La-
pho seziqhakaza, niyazibonela
bese niyazi ukuthi manje ihlo-
bo seliseduze. **31** Ngokufana-
yo nani, lapho nibona lezi zi-
nto zenzeka, yazini ukuthi
uMbuso kaNkulunkulu usedu-
ze. **32** Ngiqinisile ngithi kini,
lesi sizukulwane asisoze sadlu-
la zingakenzeki zonke lezi zi-
nto.[e] **33** Izulu nomhlaba ku-
yodlula, kodwa amazwi ami
awasoze adlula.[f]

**34** “Kodwa qaphelani ukuba
izinhliziyo zenu zingalokothi zi-
sindwe ukudla ngokweqile no-
kuphuza kakhulu[g] nezinkatha-
zo zokuphila,[h] ngokungazele-
lwe lolo suku lunifice ngaso
leso sikhathi **35** njengogibe.[i]
Ngoba luyofikela bonke aba-
hlala kuwo wonke umhlaba.
**36** Ngakho, hlalani niphaphe-
me,[j] ngaso sonke isikhathi ni-
nxusa[k] ukuba niphumelele eku-
phunyukeni kuzo zonke lezi zi-
nto okumele zenzeke, naseku-
meni phambi kweNdodana yo-
muntu.”[l]

**37** Ngakho emini wayefundi-
sa ethempelini, kodwa ebusu-
ku wayephuma ahlale entabe-
ni okuthiwa iNtaba Yeminqu-
mo. **38** Bonke abantu babefi-
ka kuye kusesekuseni ethe-
mpelini ukuze bamlalele.

**22** UMkhosi Wesinkwa Esi-
ngenamvubelo, obizwa
ngokuthi iPhasika,[a] wawuso-
ndela.[b] **2** Abapristi abakhu-
lu nababhali babefuna indle-
la ekahle yokumbulalala,[c] ngoba
babesaba abantu.[d] **3** USatha-
ne wangena kuJuda, okuthiwa
u-Iskariyothe, owayengomunye
wabayiShumi Nambili,[e] **4** wa-
hamba wakhuluma nabapri-
sti abakhulu nezinduna zethe-
mpeli ngokuthi wayezomnikela
kanjani uJesu kubo.[f] **5** Kwa-
bajabulisa kakhulu lokho futhi
bavuma ukumnika imali yesi-
liva.[g] **6** Ngakho wavuma, wa-
qala ukufuna ithuba elihle lo-
kumkhaphela singekho isixuku
eduze.

**7** Lwafika usuku lweSinkwa
Esingenamvubelo, okumele
kwenziwe ngalo umhlatshe-
lo wePhasika;[h] **8** ngakho uJe-
su wathuma uPetru noJoha-
ne, wathi: “Hambani nisilungi-
sele iPhasika ukuze sidle.”[i]
**9** Bathi kuye: “Ufuna sililungi-
selele kuphi?” **10** Wathi kubo:
“Bhekani! Lapho ningena edo-
lobheni nizohlangana nendoda
ethwele imbiza yamanzi. Yila-
ndeleni ningene endlini engena
kuyo.[j] **11** Nithi kumninindlu,
‘UMfundisi uthi kuwe: “Liphi
ikamelo lezimenywa enginga-
dlela kulo iPhasika kanye na-
bafundi bami?”’ **12** Lowo mu-
ntu uzonibonisa ikamelo eli-
khulu eliphezulu elinefenisha.
Lilungiseleni lapho.” **13** Nga-
kho bahamba bathola kunje-
ngoba nje eshilo kubo, balungi-
selela iPhasika.

ISAHL. 21

a Mat 24:29; Mar 13:24, 25
b Dan 7:13
c Mat 24:30; Mar 13:26; IsA 1:7
d Mat 24:32, 33; Mar 13:28, 29
e Mat 24:34; Mar 13:30
f Mat 24:35; Mar 13:31
g Isay 5:11, 12; Rom 13:13
h IzA 11:4; Mat 6:25; 1Ti 6:8
i 1Th 5:2, 3; 2Pe 3:10
j Mat 25:13; Mar 13:33; 1Ko 16:13; 1Pe 5:8
k Rom 12:12; Efe 6:18; 1Pe 4:7
l Mat 24:42; Mar 13:35; IsA 6:16, 17; IsA 16:15

Uhla 2

ISAHL. 22

a Lev 23:5-8; Luk 22:7; Joh 13:1
b Eks 12:3, 6
c Luk 9:22
d Mat 21:45, 46; Mat 26:3-5; Mar 14:1, 2; Luk 20:19
e Mat 26:14-16; Mar 14:10, 11; Joh 6:70; Joh 13:2, 27; IzE 1:16, 17
f Joh 13:18
g Zak 11:12
h Eks 12:14, 18; Dut 16:1, 2; Mat 26:17; Mar 14:12
i Eks 12:8
j Mat 26:18, 19; Mar 14:13-16

**14** Lapho ihora lifika, wa-
hlala etafuleni kanye nabapho-
stoli.[a] **15** Wathi kubo: "Bengi-
fisa kakhulu ukulidla nani
leli Phasika ngaphambi kokuba
ngihlupheke; **16** ngoba ngiya-
nitshela, ngeke ngiphinde ngili-
dle lize ligcwaliseke eMbuswe-
ni kaNkulunkulu." **17** Emuke-
la indebe, wabonga wayese-
thi: "Thathani lokhu nidlulise-
lane kona, **18** ngoba ngiyani-
tshela, kusukela manje kuqhu-
beke, ngeke ngisawuphuza um-
khiqizo wamagilebhisi uze ufi-
ke uMbuso kaNkulunkulu."

**19** Wathatha nesinkwa,[b] wa-
bonga, wasihlephula, wabani-
ka sona, wathi: "Lokhu ku-
sho umzimba wami[c] ozonike-
lwa ngenxa yenu.[d] Qhubekani
nikwenza lokhu ningikhumbu-
la."[e] **20** Wenza okufanayo na-
ngendebe ngemva kokudla isi-
dlo sakusihlwa, wathi: "Le nde-
be isho isivumelwano esisha[f]
esenziwa ngegazi lami,[g] elizo-
thululwa ngenxa yenu.[h]

**21** "Kodwa bhekani! Isandla
somuntu ozonginikela sika-
nye nami etafuleni.[i] **22** Ngo-
ba ngempela iNdodana yomu-
ntu iyahamba njengoba nje ku-
nqunyiwe;[j] noma kunjalo, maye
kulowo muntu ekhashelwa nge-
nxa yakhe!"[k] **23** Ngakho baqa-
la ukukhuluma bodwa ngoku-
thi ubani kubo ngempela okwa-
kungaba nguye owayezokwe-
nza lokhu.[l]

**24** Nokho, kwaphakama impi-
kiswano evuthayo phakathi kwa-
bo ngokuthi ubani kubo owaye-
bonakala emkhulu kunabo bo-
nke.[m] **25** Kodwa wathi kubo:
"Amakhosi ezizwe azenza izi-
ngqongqo phezu kwazo, na-
labo abanegunya phezu kwa-
zo babizwa ngokuthi aBenzi
Bokuhle.[n] **26** Nokho, nina aku-
mele nibe njalo.[o] Kodwa om-
khulu kunani nonke makabe nje-
ngomncane kunani nonke,[a] na-
lowo oholayo abe njengokhonza-
yo. **27** Ngoba yimuphi omkhu-
lu, yilowo odla* etafuleni noma
yilowo okhonzayo? Akuyena yini
lowo odla* etafuleni? Kodwa
mina ngiphakathi kwenu njenga-
lowo okhonzayo.[b]

**28** "Nokho, nina aningishi-
yanga[c] ekulingweni kwami;[d]
**29** ngenza isivumelwano so-
mbuso nani, njengoba nje uBa-
ba enze isivumelwano[e] nami,
**30** ukuze nidle futhi niphu-
ze etafuleni lami eMbusweni
wami,[f] nihlale ezihlalweni zo-
bukhosi[g] ukuze nahlulele izi-
zwe ezingu-12 zakwa-Israyeli.[h]

**31** "Simoni, Simoni, bheka!
USathane uyanifuna ukuze no-
nke anihlunge njengokolweni.[i]
**32** Kodwa wena ngikunxuse-
le ukuba ukholo lwakho lu-
ngapheli;[j] wena, lapho nje
usubuyile, uqinise abafo-
wenu."[k] **33** Yena wathi kuye:
"Nkosi, ngikulungele ukuya
nawe kokubili ejele nasekufe-
ni."[l] **34** Kodwa wathi: "Ngiya-
kutshela Petru, iqhude ngeke
likhale namuhla kuze kube yi-
lapho usuphike kathathu uku-
thi uyangazi."[m]

**35** Wathi futhi kubo: "La-
pho nginithuma ningenasikhwa-
ma semali nasikhwama sokudla
nazimbadada,[n] anizange niswele
lutho, akunjalo?" Bathi: "Kunja-
lo!" **36** Wabe esethi kubo: "Ko-
dwa manje onesikhwama semali
makasithathe, ngokufanayo ne-
sikhwama sokudla, futhi onge-
nayo inkemba makathengise
ingubo yakhe yangaphandle ayi-
thenge. **37** Ngoba ngiyanitshe-
la ngithi okulotshiwe kumele ku-
fezeke kimi, okuwukuthi, 'Waba-
lwa kanye nabangenamthetho.'[o]
Ngoba kuyagcwaliseka lokho

ISAHL. 22
a Mat 26:20; Mar 14:17
b Eks 12:8
c 1Ko 10:16
d Heb 10:10; 1Pe 2:24
e Mat 26:27, 28; Mar 14:23, 24; 1Ko 11:23-25
f Jer 31:31; Heb 7:22; Heb 8:8
g Eks 24:8
h Heb 9:13, 14; 1Pe 1:18, 19
i Hu 41:9; Mat 26:21; Mar 14:18; Joh 13:21
j Isay 53:7, 8; Dan 9:26; IzE 4:27, 28
k Mat 26:24
l Mat 26:22; Mar 14:19; Joh 13:22
m Mar 9:34; Luk 9:46
n Mat 20:25-27; Mar 10:42-44
o 1Pe 5:2, 3

Uhla 2
a Luk 9:46-48
b Mat 20:28; Joh 13:3-5; Flp 2:5-7
c Joh 6:67, 68
d Heb 4:15
e Dan 7:27; Luk 12:32; 2Ti 2:12; Heb 12:28; Jak 2:5; IsA 1:6
f Luk 13:29; Joh 17:24
g 1Ko 6:2; IsA 2:26, 27; IsA 3:21; IsA 20:6
h Mat 19:28
i Mat 26:31; Mar 14:27; 1Pe 5:8
j Joh 17:15
k Heb 12:12
l Mat 26:33; Mar 14:29; Joh 13:37
m Mat 26:34; Mar 14:30; Luk 22:61; Joh 13:38
n Mat 10:9, 10; Mar 6:7-9; Luk 9:2, 3
o Isay 53:12

**22:27** *Noma, "ohlezi."

okuphathelene nami."[a] **38** Nge-
mva kwalokho bathi: "Nkosi,
bheka! Nazi izinkemba ezimbili."
Wathi kubo: "Kwanele."

**39** Lapho ephuma, waya
eNtabeni Yeminqumo njengoku-
jwayelekile, abafundi nabo ba-
mlandela.[b] **40** Esefikile kuleyo
ndawo wathi kubo: "Thandazani
ningayeki, ukuze ningangeni esi-
lingweni."[c] **41** Waqhela kubo
cishe ngebanga umuntu anga-
phonsa ngalo itshe, waguqa nga-
madolo wathandaza, **42** wathi:
"Baba, uma uthanda, susa le
ndebe kimi. Noma kunjalo, ma-
kungenzeki intando yami, ko-
dwa eyakho."[d] **43** Ngemva kwa-
lokho ingelosi evela ezulwini ya-
bonakala kuye futhi yamqinisa.[e]
**44** Kodwa ngendlela ayenomu-
nyu ngayo, waqhubeka ethanda-
za ngobuqotho nakakhulu;[f] izi-
thukuthuku zakhe zaba nje-
ngamathonsi egazi awela em-
hlabathini. **45** Lapho esukuma
ngemva kokuthandaza, waya ku-
bafundi bakhe, wabathola be-
lele, bekhathele ngenxa yosizi.[g]
**46** Wathi kubo: "Nilaleleni? Vu-
kani, nithandaze ningayeki, uku-
ze ningangeni esilingweni."[h]

**47** Esakhuluma, kwaqhamu-
ka isixuku, siholwa umuntu
okuthiwa uJuda, omunye waba-
yiShumi Nambili, waya kuJesu
ukuze amqabule.[i] **48** Kodwa
uJesu wathi kuye: "Juda, inga-
be unikela ngeNdodana yomu-
ntu ngokuyiqabula?" **49** La-
pho labo ababeseduze naye be-
bona okwakuzokwenzeka, ba-
thi: "Nkosi, sigalele yini nge-
nkemba?" **50** Omunye wabo
waze ngisho wagalela inceku
yompristi ophakeme, wayisusa
indlebe yesokudla.[j] **51** Kodwa
uJesu wathi: "Kwanele." Wayi-
thinta indlebe wayiphulukisa.
**52** UJesu wabe esethi kuba-
pristi abakhulu nasezinduneni
zethempeli nasemadodeni ama-
dala ababeze lapho kuye: "Inga-
be nize nezinkemba nemishiza
njengokungathi nizobopha isi-
gebengu?[a] **53** Ngesikhathi
nginani ethempelini usuku no-
suku[b] anizange nibeke izandla
zenu kimi.[c] Kodwa leli ihora
lenu negunya lobumnyama."[d]

**54** Ngemva kwalokho ba-
mbopha, bamhola[e] bamnge-
nisa endlini yompristi opha-
keme; kodwa uPetru wayela-
ndela ekude.[f] **55** Lapho beba-
sa umlilo phakathi negceke be-
hlala phansi ndawonye, uPe-
tru wayehlezi phakathi kwabo.[g]
**56** Kodwa intombazane eyi-
nceku, yambona ehlezi emli-
lweni, yambukisisa yathi: "Lo
muntu naye ubekanye naye."
**57** Kodwa waphika, wathi: "Si-
fazane, angimazi." **58** Ngemva
kwesikhashana omunye umu-
ntu wambona wathi: "Nawe fu-
thi ungomunye wabo." Kodwa
uPetru wathi: "Ndoda, angiye-
na."[h] **59** Cishe ngemva kweho-
ra, omunye umuntu waphikele-
la egomela ethi: "Impela lo mu-
ntu naye ubekanye naye, ngoba
eqinisweni, ungowaseGalile!"
**60** Kodwa uPetru wathi: "Ndo-
da, angiyazi le nto oyishoyo."
Ngaso leso sikhathi, esakhulu-
ma, iqhude lakhala. **61** INko-
si yaphenduka yambheka ngqo
uPetru, uPetru wawakhumbula
amazwi eNkosi lapho ithi kuye:
"Ngaphambi kokuba iqhude li-
khale namuhla uzongiphika ka-
thathu."[i] **62** Waphumela nga-
phandle wakhala kalusizi.

**63** Amadoda ayebambe uJe-
su aqala ukuhlekisa ngaye,[j] em-
shaya;[k] **64** ngemva kokumbo-
za ubuso bakhe, ayelokhu
embuza ethi: "Profetha! Ubani
okushayile?" **65** Asho nezinye
izinto eziningi emhlambalaza.

---

ISAHL. 22

a Luk 18:31
b Mat 26:30; Mar 14:26; Joh 18:1
c Mat 26:41; Mar 14:38; Luk 22:46
d Mat 6:10; Mat 26:39; Mar 14:36; Joh 5:30; Joh 6:38
e 1Kh 19:5, 7; Dan 10:18, 19; Mat 4:11
f Joh 12:27; Heb 5:7
g Mat 26:40; Mar 14:37
h Mat 26:41; Mar 14:38; Luk 22:40
i Mat 26:47-50; Mar 14:43-46; Joh 18:2, 3
j Mat 26:51, 52; Mar 14:47; Joh 18:10, 11

Uhla 2

a Mat 26:55, 56; Mar 14:48, 49
b Luk 19:47
c Joh 7:30
d Joh 19:11
e Isay 53:7; IzE 8:32
f Mat 26:57, 58; Mar 14:53, 54; Joh 18:15
g Mat 26:69-75; Mar 14:66-72; Joh 18:18
h Joh 18:25-27
i Mat 26:75; Mar 14:72
j Hu 22:7
k Isay 50:6; Isay 53:5; Mat 26:67, 68; Mar 14:65

**66** Lapho kusa, umkhandlu wamadoda amadala abantu, kokubili abapristi abakhulu nababhali, wahlangana ndawonye,[a] wamyisa ehholo lawo leSanhedrini, uthi: **67** "Uma unguye uKristu, sitshele."[b] Kodwa wathi kuwo: "Ngisho noma nginganitshela, ngeke nhlobo nikukholwe. **68** Ngaphezu kwalokho, uma benginganibuza, beningeke niphendule. **69** Nokho, kusukela manje kuqhubeke iNdodana yomuntu[c] izobe ihlezi esandleni sokudla sikaNkulunkulu esinamandla."[d] **70** Ngemva kwalokho, onke athi: "Ngakho-ke, ingabe uyiNdodana kaNkulunkulu?" Wathi kuwo: "Nina ngokwenu nithi ngiyiyo." **71** Athi: "Sisabudingelani obunye ubufakazi? Ngoba thina ngokwethu sikuzwe ngomlomo wakhe siqu."[e]

**23** Ngakho uquqaba lwasukuma, lonke ngothi lwalo, lwamyisa kuPilatu.[f] **2** Lwaqala ukumbeka icala,[g] luthi: "Lo muntu simthole edukisa isizwe sakithi, enqabela ukukhokhwa kwezintela kuKhesari,[h] ethi yena ngokwakhe unguKristu inkosi."[i] **3** Manje uPilatu wambuza lo mbuzo: "Ingabe uyiyo iNkosi yamaJuda?" Waphendula wathi: "Wena ngokwakho uyasho."[j] **4** UPilatu wayesethi kubapristi abakhulu nasezixukwini: "Angitholi cala kulo muntu."[k] **5** Kodwa baphikelela, bethi: "Ugqugquzela abantu ukuba bavukele ngokufundisa kulo lonke elaseJudiya, kusukela eGalile kuze kufike ngisho nalapha." **6** Lapho ezwa lokho, uPilatu wabuza ukuthi lo muntu wayengowaseGalile yini. **7** Ngemva kokuthola ukuthi wayevela esifundeni sikaHerode,[l] wamdlulisela kuHerode, naye owayeseJerusalema ngalezo zinsuku.

**8** Lapho uHerode ebona uJesu, wajabula kakhulu. Ngoba kwase kuyisikhathi eside efuna ukubona uJesu ngenxa yokuthi wayesezwe okuningi ngaye,[a] futhi wayenethemba lokuthi uzobona isibonakaliso esenziwa nguye. **9** Ngakho wambuza imibuzo isikhathi eside, kodwa akamphendulanga.[b] **10** Nokho, abapristi abakhulu nababhali babelokhu bemile futhi bembeka icala bethukuthele. **11** Ngemva kwalokho uHerode kanye namasosha akhe bamhlazisa,[c] wahlekisa ngaye[d] ngokumgqokisa ingubo enhle kakhulu wayesembuyisela kuPilatu. **12** UHerode noPilatu baba abangani ngalo kanye lolo suku, kanti ngaphambi kwalokho kwakunobutha phakathi kwabo.

**13** UPilatu wabe esebizela ndawonye abapristi abakhulu nababusi nabantu **14** wathi kubo: "Nilethe lo muntu kimi njengogqugquzela abantu ukuba bavukele. Manje ngimphenye phambi kwenu, kodwa angitholanga sisekelo samacala enimmangalela ngawo lo muntu.[e] **15** Eqinisweni, noHerode akasitholanga ngoba umbuyisele kithi, futhi bhekani! Akukho lutho alwenzile olumenza afanelwe ukufa. **16** Ngakho-ke ngizomjezisa[f] bese ngiyamkhulula." **17** *— **18** Kodwa sonke isixuku samemeza sathi: "Msuse lo muntu, usikhululele uBharaba!"[g] **19** (Lo muntu wayephonswe ejele ngenxa yokuvukela umbuso okwakwenzeke edolobheni nangenxa yokubulala.) **20** UPilatu waphinde wakhuluma nabo ngoba efuna ukukhulula uJesu.[h]

**ISAHL. 22**
- a Hu 2:2; Mat 27:1; Mar 15:1; IzE 4:26
- b Mat 26:63; Mar 14:61
- c Dan 7:13
- d Hu 110:1; Mat 26:64; Mar 14:62; IzE 2:32, 33; IzE 7:55; Rom 8:34; Kol 3:1; Heb 1:3
- e Mat 26:65; Mar 14:63

**ISAHL. 23**
- f Mat 27:2; Mar 15:1; Joh 18:28
- g Hu 35:11
- h Mar 12:17
- i Joh 18:36
- j Mat 27:11
- k Joh 18:38; Heb 7:26; 1Pe 2:21, 22
- l Luk 3:1

**Uhla 2**
- a Mat 14:1; Mar 6:14; Luk 9:7-9
- b Isay 53:7
- c Isay 53:3
- d Hu 22:7
- e Joh 18:38
- f Mat 27:26; Joh 19:1
- g Mat 27:20, 21; Mar 15:11; Joh 18:40
- h Mat 27:22-26; Mar 15:12-15; Joh 19:12

**23:17** * Bheka iSithasiselo A3.

**21** Baqala ukumemeza ba-
thi: "Makabethelwe esigxotshe-
ni! Makabethelwe esigxotshe-
ni!"*[a] **22** Wathi kubo okwesi-
thathu: "Ngasizathu sini? Yini
embi lo muntu ayenzile? Angi-
tholanga lutho kuye olume-
nza afanelwe ukufa; ngakho
ngizomjezisa bese ngiyamkhu-
lula." **23** Baphikelela, bememe-
za bethi akabulawe,* kwagci-
na izwi labo.[b] **24** Ngakho uPi-
latu wakhipha isinqumo soku-
ba kwenziwe lokho ababekufu-
na. **25** Wamkhulula lowo mu-
ntu ababethi akakhululwe, owa-
yephonswe ejele ngenxa yokuvu-
kela umbuso nokubulala, kodwa
wanikela ngoJesu kubo ukuze
benze ababekufisa.

**26** Njengoba behamba naye,
babamba uSimoni waseKhure-
ne, owayevela emaphandle-
ni, bamthwesa isigxobo soku-
hlushwa* ukuba asithwale ala-
ndele uJesu.[c] **27** Wayelande-
lwa uquqaba lwabantu, kuhla-
nganise nabesifazane ababelo-
khu bezishaya ngenxa yosizi
futhi bemlilela. **28** UJesu wa-
phendukela kulaba besifaza-
ne wathi: "Madodakazi ase-
Jerusalema, yekani ukungi-
khalela. Kunalokho, zikhale-
leni nina nabantwana benu;[d]
**29** ngoba bhekani! Ziyeza izi-
nsuku abantu abayothi ngazo,
'Bayajabula abesifazane abayi-
zinyumba, nezibeletho ezinga-
zalanga namabele anganceli-
sanga!'[e] **30** Bayothi ezintabe-
ni, 'Welani phezu kwethu!' ba-
thi emagqumeni, 'Simbozeni!'[f]
**31** Uma benza lezi zinto lapho
isihlahla sisemanzi, kuyokwe-
nzekani lapho sesibunile?"

**32** Amanye amadoda ama-
bili ayizigebengu, nawo aye-
holwa eyobulawa kanye naye.[a]
**33** Lapho befika endaweni ebi-
zwa ngokuthi uGebhezi,[b] ba-
mbethela esigxotsheni ecele-
ni kwalezo zigebengu, esi-
nye ngakwesokudla sakhe esi-
nye ngakwesobunxele sakhe.[c]
**34** Kodwa uJesu wathi: "Baba,
bathethelele ngoba abakwa-
zi abakwenzayo." Ngaphezu
kwalokho, benza inkatho uku-
ze babelane ngezingubo za-
khe.[d] **35** Abantu babemile be-
bukele. Kodwa ababusi ba-
bebhuqa, bethi: "Abanye wa-
basindisa; makazisindise uma
enguye uKristu kaNkulunkulu,
Okhethiwe."[e] **36** Ngisho na-
masosha ahlekisa ngaye, aso-
ndela amnika iwayini elimu-
ncu[f] **37** ethi: "Uma uyiNkosi
yamaJuda, zisindise." **38** Fu-
thi kwakunombhalo oqoshiwe
ngaphezu kwakhe othi: "Lena
INkosi YamaJuda."[g]

**39** Esinye sezigebengu eza-
zilengisiwe sathi kuye ngo-
kuhlambalaza:[h] "UnguKristu,
akunjalo? Zisindise wena ka-
nye nathi!" **40** Esinye siphe-
ndula sasikhuza sathi: "Inga-
be awumesabi nhlobo uNkulu-
nkulu, njengoba uthole isahlu-
lelo esifanayo? **41** Futhi thi-
na ngempela sisifanele, ngo-
ba sivuna esikuhlwanyelile; ko-
dwa lo muntu akenzanga lutho
olubi." **42** Sabe sesithi: "Jesu,
ngikhumbule lapho ungena
eMbusweni wakho."[i] **43** Wathi
kuso: "Ngiyakuqinisekisa na-
muhla, uyokuba nami ePhara-
desi."[j]

**44** Ngalesi sikhathi cishe
kwase kuyihora lesithupha,*

ISAHL. 23
a Joh 19:6
b Joh 19:15, 16
c Mar 15:21; Joh 19:17
d Mar 13:17
e Mat 24:19; Luk 21:23
f Hos 10:8

Uhla 2
a Isay 53:12; Mat 27:38
b Mat 27:33
c Joh 19:17, 18
d Hu 22:18; Mat 27:35; Mar 15:24; Joh 19:24
e Hu 22:7, 8; Mat 27:42, 43; Mar 15:31
f Hu 69:21
g Mat 27:37; Mar 15:26; Joh 19:19
h Mat 27:44; Mar 15:32
i Luk 1:32, 33
j Isay 11:6; Isay 35:1; Isay 65:17; IzE 24:15; IsA 21:1

**23:21** *Noma, "Mbulalele esigxotsheni! Mbulalele esigxotsheni!" **23:23** *Noma, "akabulawelwe esigxotsheni." **23:26** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**23:44** *Okuwukuthi, ngabo-12:00 emini.

kodwa kwaba mnyama ezwe-
ni lonke kwaze kwaba yihora
lika-9,*[a] **45** ngoba ukukhanya
kwelanga kwacima; khona-ke
ikhethini lendlu engcwele[b] lada-
buka phakathi.[c] **46** UJesu wa-
memeza ngezwi elikhulu wathi:
“Baba, umoya wami ngiwubeka
ezandleni zakho.”[d] Ngemva ko-
kusho lokhu, wafa.*[e] **47** Nge-
nxa yokubona lokho okwenzeki-
le, isikhulu sebutho sakhazimu-
lisa uNkulunkulu, sathi: “Nge-
mpela lo muntu ubelungile.”[f]
**48** Lapho zonke izixuku ezazi-
hlangene lapho ngenxa yalo
mbukwane zibona izinto eze-
nzekile, zabuyela emakhaya zi-
shaya izifuba zazo. **49** Bonke
labo ababejwayelene naye ba-
bemele kude. Abesifazane aba-
bemlandele bevela eGalile nabo
babekhona, bazibona lezi zi-
nto.[g]

**50** Bheka! Kwakunomuntu
ogama lakhe linguJosefa, ilu-
ngu loMkhandlu, owayengumu-
ntu omuhle nolungile.[h] **51** (Lo
muntu wayengavumelananga
necebo labo nesenzo sabo.) Wa-
yevela e-Arimatheya, idolobha
laseJudiya, wayelindele uMbu-
so kaNkulunkulu. **52** Lo mu-
ntu wangena wama phambi ku-
kaPilatu wacela isidumbu sika-
Jesu. **53** Wasehlisa[i] wasisonga
ngelineni elisezingeni eliphezu-
lu, wambeka ethuneni eliqo-
shwe edwaleni,[j] okungekho mu-
ntu owayeke wabekwa kulo.
**54** Manje kwase kuwusuku lo-
kuLungiselela,[k] iSabatha[l] lase li-
zoqala. **55** Kodwa abesifazane
ababeze naye besuka eGalile,
balandela babuka ithuna babo-
na indlela isidumbu sakhe esa-
sibekwe ngayo,[m] **56** baphinde-
la emuva beyolungiselela iziqho-
lo namafutha anamakha. Ko-
dwa njengokulindelekile, baphu-
mula ngeSabatha[a] ngokuvume-
lana nomyalo.

**24** Ngosuku lokuqala lweso-
nto baya ethuneni ekuse-
ni kakhulu, bephethe iziqholo
ababezilungiselele.[b] **2** Kodwa
bathola itshe ligingqiwe lasu-
swa ethuneni,[c] **3** lapho be-
ngena, abasitholanga isidumbu
seNkosi uJesu.[d] **4** Besadidwe
yilokho, kwama ngakubo ama-
doda amabili agqoke izingubo
ezicwebezelayo. **5** Abesifaza-
ne bethuka, ubuso babo bulo-
khu bubheke phansi, ngakho
la madoda athi kubo: “Kungani
nifuna umuntu ophilayo pha-
kathi kwabafile?[e] **6** Akekho
lapha, uvusiwe. Khumbulani
indlela akhuluma ngayo kini la-
pho eseseGalile, **7** ethi iNdo-
dana yomuntu kumele inikelwe
kubantu abayizoni futhi ibu-
lawelwe esigxotsheni, ngosu-
ku lwesithathu ivuke.”[f] **8** Ba-
wakhumbula amazwi akhe,[g]
**9** babuya ethuneni, babika zo-
nke lezi zinto kwabayiShumi
Nanye* nakubo bonke abanye.[h]
**10** KwakunguMariya Magdale-
na, uJowana, noMariya unina
kaJakobe. Bonke abanye besi-
fazane ababenabo babetshela
abaphostoli lezi zinto. **11** No-
kho, la mazwi ezwakala njenge-
mbudane kubo, ababakholwa-
nga abesifazane.

**12** Kodwa uPetru wasukuma
wagijimela ethuneni, walunguza,
wabona izindwangu zelineni zo-
dwa. Ngakho wahamba emanga-
zwe yilokho okwakwenzekile.

**13** Kodwa, bheka! Ngalo ka-
nye lolo suku, ababili kubo
babesendleleni beya emzane-
ni okuthiwa i-Emawuse, oqhele

---

**23:44** *Okuwukuthi, ngabo-3:00 ntambama. **23:46** *Noma, “waphefumula okokugcina.”

**24:9** *Okuwukuthi abaphostoli abangu-11.

---

**ISAHL. 23**
a Mat 27:45; Mar 15:33
b Eks 26:31-33
c Heb 10:19, 20
d Hu 31:5
e Mat 27:50
f Mat 27:54
g Mat 27:55, 56; Mar 15:40, 41; Luk 8:2, 3
h Mat 27:57-60; Mar 15:43-46; Joh 19:38
i Dut 21:22, 23
j Isay 53:9
k Mar 15:42; Joh 19:42
l Eks 20:9, 10; Dut 5:13, 14
m Mat 27:61; Mar 15:47

**Uhla 2**
a Eks 16:29; Eks 20:9, 10; Eks 31:15; Dut 5:12

**ISAHL. 24**
b Mat 28:1; Mar 16:1, 2; Joh 20:1
c Mat 28:2; Mar 16:4
d Mar 16:5
e Mat 28:5-7; Mar 16:5-7
f Jon 1:17; Mat 16:21; Mar 8:31; Luk 9:22
g Joh 2:22
h Mat 28:8

ngamakhilomitha angaba ngu-
11* ukusuka eJerusalema,
**14** bexoxa ngazo zonke lezi zi-
nto ezazenzekile.

**15** Njengoba bekhuluma fu-
thi bexoxa ngalezi zinto, uJe-
su ngokwakhe wasondela wa-
hambisana nabo, **16** kodwa
ababonanga ukuthi ungubani.[a]
**17** Wathi kubo: "Ibimayelana
nani le ndaba eshubile ebeni-
phikisana ngayo endleleni?"
Bama, bedabukile. **18** Lowo
okuthiwa uKleyophase wam-
phendula wathi: "Kwenzeka ka-
njani ukuba ungazazi izinto
ezisanda kwenzeka eJerusa-
lema ube uhlala khona?* Uyi-
sihambi yini?" **19** Wababuza
wathi: "Zinto zini?" Bathi kuye:
"Izinto eziphathelene noJe-
su umNazaretha,[b] owaba um-
profethi onamandla ngezenzo
nangezwi phambi kukaNkulu-
nkulu nabo bonke abantu;[c]
**20** nendlela abapristi bethu
abakhulu nababusi abamnikele
ngayo ukuba agwetshelwe uku-
fa[d] futhi bambethela esigxo-
tsheni. **21** Kodwa besinethe-
mba lokuthi nguye owayezo-
khulula u-Israyeli.[e] Futhi nga-
phandle kwazo zonke lezi zi-
nto, lolu sekuwusuku lwesitha-
thu kusukela lezi zinto zenze-
kile. **22** Ngaphezu kwalokho,
abesifazane abathile bakithi
nabo basimangazile, ngoba ba-
hambile baya ethuneni ekuse-
ni,[f] **23** lapho bengasitholi isi-
dumbu sakhe, bafike bathi ba-
bone nombono ongaphezu ko-
wemvelo wezingelosi ezithe
uyaphila. **24** Abanye kulabo
ababekanye nathi bayile ethu-
neni,[a] bathola kunjengoba nje
abesifazane bebeshilo, kodwa
nabo abazange bambone."

**25** Ngakho wathi kubo: "O
nina bantu abangenangqo-
ndo nabangasheshi* ukukho-
lwa yizo zonke izinto ezikhulu-
nywe abaprofethi! **26** Kwaku-
ngadingekile yini ukuba uKri-
stu ehlelwe yizo zonke lezi zi-
nto[b] bese engena enkazimu-
lweni yakhe?"[c] **27** Eqala ku-
Mose nakubo bonke abaProfe-
thi,[d] wabachazela izinto ezi-
phathelene naye kuyo yonke
imiBhalo.

**28** Ekugcineni bafika eduze
komuzi ababeya kuwo, yena
wenza sengathi udlulela pha-
mbili. **29** Kodwa bamncenga
ukuba ahlale, bethi: "Hlala na-
thi ngoba sekuyahwalala fu-
thi ilanga selishonile." Wabe
esengena ukuze ahlale nabo.
**30** Njengoba edla* nabo, wa-
thatha isinkwa, wasibusisa, wa-
sihlephula, wabanika sona.[e]
**31** Amehlo abo avuleka ngoku-
gcwele babona ukuthi unguba-
ni; kodwa wanyamalala kubo.[f]
**32** Bakhuluma bodwa bathi:
"Izinhliziyo zethu bezingavuthi
yini njengoba ebekhuluma na-
thi endleleni, njengoba ebe-
sikhanyisela* imiBhalo ngoku-
gcwele?" **33** Basukuma ngalo
kanye lelo hora babuyela eJe-
rusalema, bathola abayiShu-
mi Nanye nalabo ababekanye
nabo, **34** abathi: "Ngempela
iNkosi ivusiwe futhi ibonake-
le kuSimoni!"[g] **35** Babe sebe-
landisa okwakwenzeke endle-
leni nendlela abamaze ngayo
ngokuhlephula isinkwa.[h]

---

**24:13** *NgesiGreki, "ngebanga elinga-ngezinkundla zemidlalo ezingu-60." Ibanga lenkundla eyodwa lalingu-185 m. Bheka iSithasiselo B14. **24:18** *Noma kungaba, "Ingabe uwukuphela kwesivakashi eJerusalema esingazazi izinto ezisanda kwenzeka?"

**24:25** *NgesiGreki, "nabephuzayo enhliziyweni." **24:30** *Noma, "ehlezi etafuleni." **24:32** *Noma, "ebesichazela ngokucacile."

---

ISAHL. 24

*a* Joh 20:14; Joh 21:4
*b* Mat 2:23; Mat 21:11
*c* Dut 18:18; Luk 7:15, 16; Joh 3:2; Joh 6:14; IzE 2:22
*d* Luk 23:1; IzE 3:13; IzE 13:27, 28
*e* IzE 1:6
*f* Mat 28:1, 8; Luk 24:9-11

Uhla 2

*a* Luk 24:12; Joh 20:3
*b* Hu 22:16-18; Isay 53:7-9; 1Ko 15:3
*c* Flp 2:9-11; Heb 2:9; 1Pe 1:11
*d* Joh 1:45; IzE 10:43; IzE 26:22
*e* Mat 14:19; Mat 15:36; Mar 6:41
*f* Joh 20:19
*g* 1Ko 15:3, 5
*h* Luk 24:30, 31

**36** Besakhuluma ngalezi zi-
nto, yena ngokwakhe wama pha-
kathi kwabo wathi kubo: "Kwa-
ngathi ningaba nokuthula."[a]
**37** Kodwa ngenxa yokuthi ba-
besaba futhi bethukile, babe-
cabanga ukuthi babona umoya.
**38** Ngakho wathi kubo: "Kunga-
ni nikhathazekile, futhi kunga-
ni kuvela ukungabaza ezinhlizi-
yweni zenu? **39** Bukani iza-
ndla zami nezinyawo zami, uku-
thi yimina uqobo; ngithinteni
nibone, ngoba umoya awunayo
inyama namathambo njengoba
nje nibona ukuthi mina ngina-
kho." **40** Njengoba esho lokhu,
wababonisa izandla zakhe ne-
zinyawo zakhe. **41** Kodwa nje-
ngoba babengakholwa ngenxa
yenjabulo futhi bemangele, wa-
thi kubo: "Ninakho lapho oku-
dliwayo?" **42** Babe sebemnike-
za ucezu lwenhlanzi eyosiwe,
**43** waluthatha waludla phambi
kwabo.

**44** Wabe esethi kubo: "Lawa
amazwi ami engawakhulu-
ma kini ngesikhathi ngisena-
ni,[b] ukuthi zonke izinto ezilo-
tshwe ngami eMthethweni Ka-
Mose nakubaProfethi nakuma-
Hubo kumele zigcwaliseke."[a]
**45** Wavula izingqondo zabo
ngokugcwele ukuze baqonde
okushiwo imiBhalo,[b] **46** wa-
thi kubo: "Nakhu okulotshiwe:
ukuthi uKristu uyohlupheka
futhi avuke kwabafile ngosuku
lwesithathu,[c] **47** ngegama la-
khe kuyoshunyayelwa ukuphe-
nduka ngenjongo yokuthethe-
lelwa kwezono[d] kuzo zonke izi-
zwe[e]—kusukela eJerusalema.[f]
**48** Kumele nibe ofakazi bale-
zi zinto.[g] **49** Bhekani! Ngithu-
mela kini lokho uBaba aku-
thembisile. Nokho, nina hlala-
ni edolobheni nize nigqokiswe
amandla avela phezulu."[h]

**50** Ngemva kwalokho, waba-
holela ngaphandle kwaze kwa-
ba seBhethaniya, waphaka-
misa izandla zakhe wababu-
sisa. **51** Njengoba ebabusisa,
wahlukaniswa nabo wakhu-
shulelwa phezulu ezulwini.[i]
**52** Bamkhothamela, babuye-
la eJerusalema bejabula ka-
khulu.[j] **53** Babelokhu bese-
thempelini, bedumisa uNkulu-
nkulu.[k]

**ISAHL. 24**

a Joh 20:21
b Mat 16:21, Luk 9:22

**Uhla 2**

a Luk 24:27
b Joh 12:16
c Isay 53:5, Mar 9:31
d IzE 5:31
e Gal 3:14
f IzE 4:1, 2, IzE 5:27, 28
g Joh 15:26, 27, IzE 1:8
h Jow 2:28, Joh 14:16, IzE 1:4, 5, IzE 2:1, 4
i IzE 1:9
j Joh 16:22, IzE 1:12
k IzE 2:46, 47

## NGOKUKA-
# JOHANE

### UHLU LOKUPHAKATHI

1 ULizwi waba yinyama (1-18)
Ubufakazi obanikezwa uJohane uMbhapathizi (19-28)
UJesu, iWundlu likaNkulunkulu (29-34)
Abafundi bakaJesu bokuqala (35-42)
UFiliphu noNathanayeli (43-51)

2 Umshado waseKhana; amanzi aba yiwayini (1-12)
UJesu uhlanza ithempeli (13-22)
UJesu uyakwazi okukumuntu (23-25)

3 UJesu noNikhodemu (1-21)
Ukuzalwa kabusha (3-8)
UNkulunkulu walithanda izwe (16)
UJohane ufakaza okokugcina ngoJesu (22-30)
Ovela phezulu (31-36)

4 UJesu nowesifazane waseSamariya (1-38)
Khulekela uNkulunkulu "ngomoya nangeqiniso" (23, 24)
Abaningi kumaSamariya bayamkholwa uJesu (39-42)
UJesu welapha indodana yesikhulu (43-54)

5 Umuntu ogulayo uyelashwa eBhethesda (1-18)
UJesu unikwe igunya nguYise (19-24)
Abafile bayozwa izwi likaJesu (25-30)
Ubufakazi ngoJesu (31-47)

6 UJesu usuthisa abangu-5 000 (1-15)
UJesu uhamba phezu kwamanzi (16-21)
UJesu, "isinkwa sokuphila" (22-59)
Abaningi bayakhubeka ngenxa yamazwi kaJesu (60-71)

7 UJesu eMkhosini WamaTabernakele (1-13)
UJesu ufundisa emkhosini (14-24)
Imibono ehlukahlukene ngoKristu (25-52)

8 UBaba ufakaza ngoJesu (12-30)
UJesu, "ukukhanya kwezwe" (12)
Abantwana baka-Abrahama (31-41)
"Iqiniso liyonikhulula" (32)
Abantwana bakaDeveli (42-47)
UJesu no-Abrahama (48-59)

9 UJesu welapha umuntu owazalwa eyimpumputhe (1-12)
AbaFarisi baphenya umuntu owelashiwe ngemibuzo (13-34)
AbaFarisi bayizimpumputhe (35-41)

10 Umalusi nezibaya (1-21)
UJesu ungumalusi omuhle (11-15)
"Nginezinye izimvu" (16)
AmaJuda ahlangana noJesu eMkhosini Wokunikezela (22-39)
AmaJuda amaningi ayenqaba ukukholwa (24-26)
"Izimvu zami ziyalilalela izwi lami" (27)
INdodana imunye noYise (30, 38)
Abaningi ngaphesheya kweJordani bayakholwa (40-42)

11 Ukufa kukaLazaru (1-16)
UJesu ududuza uMarta noMariya (17-37)
UJesu uvusa uLazaru (38-44)
Uzungu lokubulala uJesu (45-57)

12 UMariya ugcoba izinyawo zikaJesu ngamafutha (1-11)
UJesu ungena ngokunqoba (12-19)
UJesu ubikezela ngokufa kwakhe (20-37)
Ukungabi nakholo kwamaJuda kugcwalisa isiprofetho (38-43)
UJesu weza ukuze asindise izwe (44-50)

13 UJesu ugeza izinyawo zabafundi bakhe (1-20)
UJesu udalula uJuda njengomkhapheli (21-30)
Umyalo omusha (31-35)
"Uma nithandana" (35)
Ukuphika kukaPetru kuyabikezelwa (36-38)

14 UJesu, uwukuphela kwendlela yokusondela kuBaba (1-14)
"Mina ngiyindlela neqiniso nokuphila" (6)
UJesu uthembisa ukunikeza umoya ongcwele (15-31)
"UBaba mkhulu kunami" (28)

15 Umfanekiso wesihlahla samagilebhisi sangempela (1-10)
Umyalo wokubonisa uthando olunjengolukaKristu (11-17)
'Alukho uthando olukhulu kunalolu' (13)
Izwe liyabazonda abafundi bakaJesu (18-27)

16 Abafundi bakaJesu bangase babulawe (1-4a)
Umsebenzi womoya ongcwele (4b-16)
Usizi lwabafundi luzophenduka injabulo (17-24)
UJesu unqoba izwe (25-33)

17 Umthandazo kaJesu wokugcina enabaphostoli bakhe (1-26)
Ukwazi uNkulunkulu kusho ukuphila okuphakade (3)
AmaKristu awayona ingxenye yezwe (14-16)
"Izwi lakho liyiqiniso" (17)
"Ngibazisile igama lakho" (26)

18 UJuda ukhaphela uJesu (1-9)
UPetru usebenzisa inkemba (10, 11)
UJesu uyiswa ku-Anase (12-14)
UPetru uphika okokuqala (15-18)
UJesu uphambi kuka-Anase (19-24)
UPetru uphika okwesibili nokwesithathu (25-27)
UJesu uphambi kukaPilatu (28-40)
"UMbuso wami awuyona ingxenye yaleli zwe" (36)

19 UJesu uyabhaxabulwa futhi wenziwa inhlekisa (1-7)
UPilatu uphinde aphenye uJesu ngemibuzo (8-16a)
UJesu ubethelwa esigxotsheni eGolgotha (16b-24)
UJesu ulungiselela unina (25-27)
Ukufa kukaJesu (28-37)
Ukungcwatshwa kukaJesu (38-42)

20 Ithuna elingenalutho (1-10)
UJesu ubonakala kuMariya Magdalena (11-18)
UJesu ubonakala kubafundi bakhe (19-23)
UTomase uyangabaza kodwa kamuva uyakholwa (24-29)
Injongo yalo mqulu (30, 31)

21 UJesu ubonakala kubafundi bakhe (1-14)
UPetru uqinisekisa uJesu ngokuthi uyamthanda (15-19)
“Yondla amawundlu ami” (17)
Ikusasa lomfundi othandwa uJesu (20-23)
Isiphetho (24, 25)

**1** Ekuqaleni wayekhona uLi-
zwi,[a] uLizwi wayenoNkulu-
nkulu,[b] futhi uLizwi wayewu-
nkulunkulu.*[c] **2** Ekuqaleni
lona wayenoNkulunkulu. **3** Zo-
nke izinto zaba khona ngaye,[d]
ayikho neyodwa into eyaba kho-
na ngaphandle kwakhe.

Ukuphila **4** kwaba khona
ngaye futhi ukuphila kwaku-
wukukhanya kubantu.[e] **5** Uku-
khanya kuyakhanya ebumnya-
meni,[f] kodwa ubumnyama abu-
kwazanga ukukuhlula.

**6** Kwavela umuntu owaye-
thunywe njengommeleli kaNku-
lunkulu; igama lakhe kwaku-
nguJohane.[g] **7** Lo muntu weza
njengofakazi ukuze afakaze
ngokukhanya,[h] ukuze abantu
bazo zonke izinhlobo bakholwe
ngaye. **8** Wayengekhona lokho
kukhanya,[i] kodwa inhloso yayi-
wukuba afakaze ngakho.

**9** Ukukhanya kweqiniso oku-
nika zonke izinhlobo zaba-
ntu ukukhanya kwase kuzofika
ezweni.[j] **10** Wayekhona* ezwe-
ni,[k] futhi izwe laba khona nga-
ye,[l] kodwa izwe alizange lima-
zi. **11** Wafika endaweni yaku-
bo, kodwa abantu bakubo aba-
zange bamamukele. **12** Nokho,
bonke abamamukela, wabanika
igunya lokuba ngabantwana ba-
kaNkulunkulu,[a] ngoba babeno-
kholo egameni lakhe.[b] **13** Aba-
zalwanga ngegazi noma ngenta-
ndo engokwenyama noma nge-
ntando yomuntu kodwa bazalwa
nguNkulunkulu.[c]

**14** Ngakho uLizwi waba yi-
nyama*[d] wahlala phakathi kwe-
thu, sayibona inkazimulo ya-
khe, inkazimulo enjengeyendo-
dana ezelwe yodwa[e] kuyise;
wayegcwele umusa kaNkulu-
nkulu# neqiniso. **15** (UJoha-
ne wafakaza ngaye, yebo, wa-
memeza: “Lo nguye engathi
ngaye, ‘Lowo oza emva kwa-
mi uvele ngaphambi kwami,
ngoba waba khona kuqala ku-
nami.’ ”)[f] **16** Ngoba sonke sa-
mukela kokuvela ekugcwaleni
kwakhe, yebo, ngisho nomusa
omkhulu phezu komusa om-
khulu. **17** UMthetho wanike-
zwa ngoMose,[g] umusa om-
khulu[h] neqiniso kwaba khona
ngoJesu Kristu.[i] **18** Akekho
umuntu oye wabona uNkulu-
nkulu noma nini;[j] unkulunkulu

**1:1** *Noma, “wayengowasezulwini.”
**1:10** *Kubhekiselwa kuLizwi.
**1:14** *Noma, “umuntu.” #Noma, “umusa ongafanelwe.”

**ISAHL. 1**
a Kol 1:15; IsA 19:11, 13
b IzA 8:22, 30
c Isay 9:6; Joh 1:18; Flp 2:5, 6
d Joh 1:10
e Joh 8:12
f Joh 3:19
g Mat 3:1; Luk 3:2
h Mat 3:11
i Joh 1:19, 20
j Mat 4:16, 17; Joh 3:19; Joh 12:46; 1Jo 2:8
k Joh 1:14
l Gen 1:26; 1Ko 8:6; Kol 1:16; Heb 1:2

**Uhla 2**
a Rom 8:14, 16; 2Ko 6:18; Efe 1:5; 1Jo 3:1
b Gal 3:26
c Joh 3:3; 1Pe 1:23; 1Jo 3:9
d Flp 2:7; 1Ti 3:16; Heb 2:14
e Joh 3:16; 1Jo 4:9
f Joh 8:58
g Eks 31:18
h Rom 3:23, 24; Efe 1:5, 6
i Joh 8:31, 32; Joh 14:6; Joh 18:37
j Eks 33:17, 20; Joh 6:46

ozelwe yedwa[a] oseceleni kukaBaba*[b] nguye oye wamchaza.[c]

**19** Lobu ubufakazi obanikezwa nguJohane lapho amaJuda ethumela kuye abapristi namaLevi bevela eJerusalema ukuba bambuze: "Ungubani wena?"[d] **20** Wavuma akazange aphike, wathi: "Angiyena uKristu." **21** Bambuza: "Khona-ke, ungubani? Ingabe ungu-Eliya?"[e] Wathi: "Angiyena." "UngumProfethi?"[f] Waphendula: "Cha!" **22** Ngakho-ke bathi kuye: "Ungubani? Sitshele ukuze siphendule labo abasithumile. Uzibiza ngokuthini wena?" **23** Wathi: "Mina ngiyizwi lothile omemeza ehlane ethi, 'Yenzani indlela kaJehova* iqonde,'[g] njengoba nje umprofethi u-Isaya asho."[h] **24** Abathunyiwe babevela kubaFarisi. **25** Ngakho bambuza: "Pho kungani ubhapathiza uma ungeyena uKristu noma u-Eliya noma umProfethi?" **26** UJohane wabaphendula, wathi: "Mina ngibhapathiza ngamanzi. Kukhona eningamazi omi phakathi kwenu, **27** lowo oza emva kwami, engingakufanelekeli ukuqaqa amabhande ezimbadada zakhe."[i] **28** Lezi zinto zenzeka eBhethaniya ngaphesheya kweJordani, lapho uJohane ayebhapathizela khona.[j]

**29** Ngosuku olulandelayo wabona uJesu eza kuye, wathi: "Bhekani, iWundlu[k] likaNkulunkulu elisusa isono[l] sezwe![m] **30** Lo nguye engasho ngaye ngathi: 'Emva kwami kuza umuntu ovele ngaphambi kwami, ngoba waba khona kuqala kunami.'[n] **31** Ngisho nami bengingamazi, kodwa isizathu sokuba ngize ngibhapathize ngamanzi sasiwukuba abonakaliswe ku-Israyeli."[a] **32** UJohane wafakaza futhi, wathi: "Ngibone umoya wehla njengejuba uvela ezulwini, wahlala phezu kwakhe.[b] **33** Ngisho nami bengingamazi, kodwa Yena kanye ongithume ukuba ngibhapathize ngamanzi wathi kimi: 'Noma ubani oyobona umoya wehlela phezu kwakhe futhi uhlale kuye,[c] lowo nguye obhapathiza ngomoya ongcwele.'[d] **34** Ngikubonile lokho, futhi ngifakazile ukuthi lo uyiNdodana kaNkulunkulu."[e]

**35** Ngosuku olulandelayo, uJohane wayemi nabafundi bakhe ababili, **36** njengoba ebuka uJesu ehamba, wathi: "Bhekani, iWundlu[f] likaNkulunkulu!" **37** Lapho laba bafundi ababili bemuzwa esho lokhu, balandela uJesu. **38** UJesu waphenduka, futhi ebabona belandela, wathi kubo: "Nifunani?" Bathi kuye: "Rabi (okusho ukuthi, "Mfundisi," uma kuhunyushwa), uhlalaphi?" **39** Wathi kubo: "Wozani, nizobona." Ngakho bahamba babona lapho ehlala khona, futhi bahlala naye ngalolo suku; cishe kwakuyihora leshumi.* **40** U-Andreya,[g] umfowabo kaSimoni Petru, wayengomunye walaba ababili abezwa lokho okwashiwo uJohane base belandela uJesu. **41** Okokuqala wathola umfowabo, uSimoni, wathi kuye: "Simtholile uMesiya"[h] (okusho ukuthi "uKristu," uma kuhunyushwa), **42** wamyisa kuJesu. Lapho uJesu embheka wathi: "Wena unguSimoni,[i] indodana kaJohane; uzobizwa ngokuthi uKhefase (okuhunyushwa ngokuthi "Petru")."[j]

---

**1:18** *Noma, "osesifubeni sikaBaba." Lokhu kubhekisela ebuhlotsheni obukhethekile. **1:23** *Bheka iSithasiselo A5.

**1:39** *Okuwukuthi, cishe ngo-4:00 ntambama.

---

**ISAHL. 1**

*a* Joh 1:1
*b* IzA 8:22, 30
*c* Mat 11:27
*d* Luk 3:15
*e* Mal 4:5
*f* Dut 18:15; Joh 6:14, 15; Joh 7:37, 40; IzE 3:22
*g* Isay 40:3
*h* Mat 3:1, 3; Mar 1:3; Luk 1:67, 76; Luk 3:3, 4; Luk 7:27, 28
*i* Mat 3:11
*j* Mat 3:1, 6
*k* IzE 8:32, 35; 1Pe 1:18, 19; IsA 5:6
*l* Isay 53:7, 11; 1Ko 15:3; Heb 9:13, 14; 1Pe 2:24; 1Jo 3:5
*m* Joh 6:51; 1Jo 2:1, 2; 1Jo 4:14
*n* Joh 1:15

**Uhla 2**

*a* IzE 19:4
*b* Mat 3:16; Mar 1:10; Luk 3:22
*c* Mat 3:16
*d* Mat 3:11; IzE 1:5; IzE 2:1, 4
*e* Mat 3:17
*f* IsA 5:12
*g* Mat 4:18
*h* Dan 9:25
*i* Mat 10:2; IzE 15:14
*j* Mat 16:18

**43** Ngosuku olulandelayo
uJesu wayefuna ukuhamba aye
eGalile. Wabe esethola uFili-
phu[a] wathi kuye: "Yiba umla-
ndeli wami." **44** UFiliphu wa-
yengowaseBhetsayida, edolo-
bheni lakubo ka-Andreya noPe-
tru. **45** UFiliphu wathola uNa-
thanayeli[b] wathi kuye: "Simtho-
lile lowo uMose kanye nabaPro-
fethi ababhala ngaye eMthe-
thweni: uJesu, indodana kaJo-
sefa,[c] waseNazaretha." **46** Ko-
dwa uNathanayeli wathi kuye:
"Kukhona yini okuhle oku-
ngaphuma eNazaretha?" UFili-
phu wathi kuye: "Woza ubone."
**47** UJesu wabona uNathana-
yeli eza ngakuye wathi nga-
ye: "Bheka, umIsrayeli weqini-
so okungekho nkohliso kuye."[d]
**48** UNathanayeli wathi kuye:
"Ungazi kanjani?" UJesu wam-
phendula wathi: "Ngikubo-
ne ngaphambi kokuba uFili-
phu akubize, ngesikhathi upha-
nsi kwesihlahla somkhiwane."
**49** UNathanayeli wathi kuye:
"Rabi, wena uyiNdodana ka-
Nkulunkulu, uyiNkosi yakwa-
Israyeli."[e] **50** UJesu waphe-
ndula wathi: "Ukholwa ngoba
ngikutshele ukuthi ngikubone
ungaphansi kwesihlahla som-
khiwane? Uzobona izinto
ezinkulu kunalezi." **51** Wabe
esethi kuye: "Ngiqinisile impe-
la ngithi kini madoda, nizobo-
na izulu livulekile nezingelosi
zikaNkulunkulu zehla zenyuka
ziza eNdodaneni yomuntu."[f]

**2** Ngosuku lwesithathu kwa-
ba khona idili lomshado
eKhana laseGalile, nonina ka-
Jesu wayelapho. **2** UJesu na-
bafundi bakhe nabo babeme-
nyiwe kulelo dili lomshado.
**3** Lapho iwayini liphela, uni-
na kaJesu wathi kuye: "Aba-
nalo iwayini." **4** Kodwa uJe-
su wathi kuye: "Sifazane, mina
nawe kusithinta kanjani lo-
kho?* Ihora lami alikafiki."
**5** Unina wathi kulabo aba-
bekhonza: "Noma yini ani-
tshela yona, yenzeni." **6** Kwa-
kukhona izimbiza zamanzi ze-
tshe eziyisithupha zihlezi la-
pho njengoba imithetho yama-
Juda yokuhlanza yayifuna ka-
njalo,[a] ngayinye ikwazi uku-
mumatha izikali ezimbili noma
ezintathu zoketshezi.* **7** UJe-
su wathi kubo: "Gcwalisani lezi
zimbiza ngamanzi." Bazigcwali-
sa phama. **8** Wayesethi kubo:
"Manje wakheni niwayise ku-
mqondisi wedili." Ngakho ba-
wayisa kuye. **9** Lapho umqo-
ndisi wedili enambitha la manzi
ayesephenduke iwayini, enga-
zi ukuthi livelaphi (nakuba izi-
khonzi ezazikhe amanzi zaza-
zi), umqondisi wedili wabiza
umkhwenyana **10** wathi kuye:
"Abantu abaningi bakhipha
iwayini elimnandi kuqala, ku-
thi lapho abantu sebedakiwe,
bakhiphe elezinga eliphansi.
Wena ugcine iwayini elimnandi
kwaze kwaba manje." **11** Lo-
khu uJesu wakwenza eKhana
laseGalile njengesiqalo sezibo-
nakaliso zakhe, futhi wenza
inkazimulo yakhe yabonakala,[b]
abafundi bakhe baba nokholo
kuye.
**12** Ngemva kwalokhu yena
nonina nabafowabo[c] nabafundi
bakhe behlela eKapernawume,[d]
kodwa abazange bahlale khona
izinsuku eziningi.
**13** IPhasika[e] lamaJuda lase
liseduze, futhi uJesu wakhu-
phukela eJerusalema. **14** Wa-
thola ababethengisa izinkomo

**ISAHL. 1**

*a* Mat 10:2, 3
*b* Mat 10:2, 3 Luk 6:13, 14
*c* Mat 1:16 Mat 13:55 Luk 2:4
*d* Joh 2:24, 25
*e* Mat 27:11 Luk 1:31, 32 Joh 12:13
*f* Gen 28:10, 12 Hu 104:4 Dan 7:13 Mat 4:11 Luk 22:43

**Uhla 2**

**ISAHL. 2**

*a* Mar 7:3
*b* Isay 9:1, 2 Joh 1:14
*c* Mat 13:55 Mar 3:31 Luk 8:19 IzE 1:14
*d* Mat 4:13
*e* Eks 12:14 Num 28:16 Dut 16:1 Joh 11:55

**2:4** *NgesiGreki, "Kuyini kimi nawe, sifazane?" Lesi yisisho esibonisa ukwenqaba. Ukusetshenziswa kwelithi "sifazane" akubonisi ukwedelela. **2:6** *Cishe isikali soketshezi kwakuyibhathi elalilingana no-22 L. Bheka iSithasiselo B14.

nezimvu namajuba[a] ethempelini
nabashintshi bemali besezihla-
lweni zabo. **15** Ngemva kokwe-
nza isitswebhu sezindophi, wa-
baxosha ethempelini bonke aba-
benezimvu nezinkomo, wachi-
tha izinhlamvu zemali zabashi-
ntshi bemali, wagumbuqela na-
matafula abo.[b] **16** Wathi kula-
bo ababethengisa amajuba: "Su-
sani lezi zinto lapha! Yekani
ukwenza indlu kaBaba indlu yo-
kuhwebelana!"*[c] **17** Abafundi
bakhe bakhumbula ukuthi ku-
lotshiwe ukuthi: "Uthando lwa-
mi ngendlu yakho luyoba nje-
ngomlilo ovuthayo ngaphakathi
kimi."[d]

**18** Ngakho-ke, amaJuda athi
kuye: "Yisiphi isibonakaliso
ongasibonisa sona,[e] njengoba
wenza lezi zinto?" **19** UJesu
waphendula wathi kuwo: "Di-
lizani leli thempeli, mina ngi-
zolivusa ngezinsuku ezinta-
thu."[f] **20** AmaJuda abe ese-
thi: "Leli thempeli lakhiwa imi-
nyaka engu-46, wena-ke uzo-
livusa ngezinsuku ezintathu?"
**21** Kodwa wayekhuluma nge-
thempeli elingumzimba wa-
khe.[g] **22** Nokho, lapho evu-
swa kwabafile, abafundi ba-
khe bakhumbula ukuthi waye-
vamile ukukusho lokhu,[h] futhi
bayikholelwa imibhalo nalokho
uJesu ayekushilo.

**23** Nokho, lapho eseJerusa-
lema emkhosini wePhasika,
abantu abaningi baba nokho-
lo egameni lakhe lapho be-
bona izibonakaliso ayezenza.
**24** Kodwa uJesu yena wa-
yengabathembi ngoba wayeba-
zi bonke **25** nangenxa yoku-
thi wayengadingi muntu uku-
ba afakaze ngomunye umuntu,
ngoba wayekwazi okungapha-
kathi kumuntu.[i]

**2:16** *Noma, "imakethe; indlu yebhizini-
si."

ISAHL. 2
*a* Lev 1:14
*b* Mat 21:12; Mar 11:15, 16; Luk 19:45
*c* Jer 7:11; Mat 21:13; Mar 11:17; Luk 19:46
*d* Hu 69:9
*e* Mat 12:38; Mat 16:1; Joh 4:48; Joh 6:30
*f* Mat 26:59-61; Mat 27:39, 40; Mar 14:57, 58
*g* Mat 16:21
*h* Luk 24:6-8
*i* Mat 9:3, 4; Mar 2:6-8; Joh 1:47, 48; Joh 6:64; IsA 2:23

Uhla 2

ISAHL. 3
*a* Joh 7:50, 51; Joh 19:39
*b* Joh 12:42
*c* Joh 1:38
*d* Joh 2:11
*e* Joh 14:11; IzE 2:22; IzE 10:38
*f* Joh 1:12, 13; 1Pe 1:3, 23; 1Jo 3:9
*g* 1Ko 15:50
*h* Mat 28:19; IzE 8:36; IzE 10:47
*i* Mat 3:11; IzE 1:5; IzE 10:45; IzE 19:5, 6
*j* Rom 8:14, 16

**3** Kwakukhona umuntu othi-
le kubaFarisi, kunguNikho-
demu[a] igama lakhe, umbu-
si wamaJuda. **2** Lona weza
kuJesu ebusuku[b] wathi:
"Rabi,[c] siyazi ukuthi ungumfu-
ndisi ovela kuNkulunkulu, ngo-
ba akekho ongenza lezi zi-
bonakaliso[d] ozenzayo ngapha-
ndle kokuba uNkulunkulu ena-
ye."[e] **3** UJesu waphendula wa-
thi kuye: "Ngiqinisile impe-
la ngithi kuwe, ngaphandle ko-
kuba umuntu aphinde aza-
lwe,*[f] akanakuwubona uMbuso
kaNkulunkulu."[g] **4** UNikhode-
mu wathi kuye: "Umuntu anga-
zalwa kanjani esemdala? Aka-
kwazi ukungena esibelethweni
sikanina okwesibili futhi aza-
lwe, akunjalo?" **5** UJesu wa-
phendula: "Ngiqinisile impela
ngithi kuwe, ngaphandle ko-
kuba umuntu azalwe ngama-
nzi[h] nomoya,[i] akakwazi uku-
ngena eMbusweni kaNkulunku-
lu. **6** Lokho okuzelwe yinya-
ma kuyinyama, nalokho okuze-
lwe ngumoya kuwumoya.
**7** Ungamangali ngokuthi ngi-
the: Kumele niphinde nizalwe.
**8** Umoya uvunguza lapho utha-
nda khona, uwuzwe nomsindo
wawo, kodwa awazi ukuthi uve-
laphi nokuthi uyaphi. Kunjalo
nangawo wonke umuntu oze-
lwe ngumoya."[j]

**9** UNikhodemu wathi kuye:
"Zingenzeka kanjani lezi zi-
nto?" **10** UJesu waphendula
wathi kuye: "Ungumfundisi ka-
Israyeli, kodwa awuzazi lezi
zinto? **11** Ngiqinisile impela
ngithi kuwe, lokho esikwaziyo
siyakukhuluma nalokho esiku-
bonile siyafakaza ngakho, ko-
dwa nina anibamukeli ubu-
fakazi esibunikezayo. **12** Uma
nginitshele izinto zasemhlabe-

**3:3** *Noma kungaba, "azalwe ngokwa-
phezulu."

ni kodwa nilokhu ningakho-
lwa, niyokholwa kanjani uma
nginitshela izinto zasezulwini?
**13** Ngaphezu kwalokho, ake-
kho umuntu oye wanyukela
ezulwini[a] ngaphandle kwalowo
owehla evela ezulwini,[b] iNdoda-
na yomuntu. **14** Futhi nje-
ngoba nje uMose aphakamisa
inyoka ehlane,[c] kanjalo iNdoda-
na yomuntu kumele iphakanyi-
swe,[d] **15** ukuze wonke umu-
ntu okholwa yiyo abe nokuphi-
la okuphakade.[e]

**16** “Ngoba uNkulunkulu wa-
lithanda izwe kangangokuba
waze wanikela ngeNdodana
yakhe ezelwe yodwa,[f] uku-
ze wonke umuntu obonisa
ukholo kuyo angabhubhi ko-
dwa athole ukuphila okupha-
kade.[g] **17** UNkulunkulu akayi-
thumelanga iNdodana yakhe
ezweni ukuba yahlulele izwe,
kodwa ukuba izwe lisindiswe
ngayo.[h] **18** Noma ubani obo-
nisa ukholo kuyo akumele ahlu-
lelwe.[i] Noma ubani ongalubo-
nisi ukholo wahlulelwe kaka-
de, ngoba akakholwanga ega-
meni leNdodana kaNkulunkulu
ezelwe yodwa.[j] **19** Manje yile-
si isisekelo sokwahlulela: uku-
thi ukukhanya kufikile ezwe-
ni,[k] kodwa abantu baye batha-
nda ubumnyama kunokukha-
nya, ngoba imisebenzi yabo ibi-
mibi. **20** Noma ubani owe-
nza izinto ezimbi uyakuzonda
ukukhanya futhi akezi eku-
khanyeni, ukuze imisebenzi ya-
khe ingadalulwa.* **21** Kodwa
noma ubani owenza okulungile
uyeza ekukhanyeni,[l] ukuze imi-
sebenzi yakhe ibonakaliswe
njengeyenziwe ngokuvumelana
noNkulunkulu.”

**22** Ngemva kwalokhu uJe-
su nabafundi bakhe baya ema-
phandleni aseJudiya, wachi-
tha khona isikhathi esithi-
le nabo futhi wayebhapathi-
za.[a] **23** UJohane naye waye-
bhapathiza e-Enoni eduze kwa-
seSalimi, ngoba amanzi aye-
maningi khona,[b] futhi abantu
babelokhu beza bebhapathi-
zwa;[c] **24** ngoba uJohane wa-
yengakaboshwa.[d]

**25** Manje abafundi bakaJo-
hane baba nempikiswano
nomJuda othile ngokuphathe-
lene nokuhlanzwa. **26** Ngakho
beza kuJohane bathi kuye:
“Rabi, lo muntu owayenawe
ngaphesheya kweJordani, lowo
owafakaza ngaye,[e] bheka, uya-
bhapathiza futhi bonke baya
kuye.” **27** UJohane waphendu-
la wathi: “Umuntu akakwa-
zi ukwenza ngisho nento eyo-
dwa ngaphandle kokuba eyi-
nikwa ivela ezulwini. **28** Nina
ngokwenu niyangifakazela uku-
thi ngathi, ‘angiyena uKri-
stu,[f] kodwa ngithunywe nga-
phambi kwakhe.’[g] **29** Noma
ubani onomakoti ungumkhwe-
nyana.[h] Kodwa umngani wom-
khwenyana, lapho ema futhi
emuzwa, ujabula kakhulu nge-
nxa yezwi lomkhwenyana. Nga-
kho injabulo yami isiphelelisi-
we. **30** Yena kumele aqhubeke
anda, kodwa mina kumele ngi-
qhubeke ngincipha.”

**31** Ovela phezulu[i] ungaphe-
zu kwabo bonke abanye.
Ovela emhlabeni uvela em-
hlabeni futhi ukhuluma ngezi-
nto zasemhlabeni. Ovela ezu-
lwini ungaphezu kwabo bonke
abanye.[j] **32** Ufakaza ngalo-
kho akubonile nakuzwile,[k] ko-
dwa akukho muntu obamukela-
yo ubufakazi bakhe.[l] **33** Oba-
mukelile ubufakazi bakhe ube-
ke uphawu lwakhe kubo*
lokuthi uNkulunkulu uqinisile.[m]

**ISAHL. 3**
- *a* IzE 2:34
- *b* Joh 6:38; Joh 8:23, 42
- *c* Num 21:8, 9
- *d* Joh 8:28; Gal 3:13
- *e* Joh 3:36; Joh 20:31
- *f* Rom 5:8; Rom 8:32; 1Jo 4:9, 10; 1Jo 4:19
- *g* Joh 6:40; Joh 20:31; Rom 6:23; 2Ti 3:15; 1Jo 5:13
- *h* Luk 19:10; Joh 12:47; 1Ko 15:22; 2Ko 5:18, 19; 1Ti 1:15; 1Jo 2:1, 2; 1Jo 4:14
- *i* Joh 5:24
- *j* Mat 10:33; Heb 10:29
- *k* Joh 1:9; Joh 8:12; Joh 9:5; Joh 12:46
- *l* Joh 12:36, 46; 1Jo 1:7

**Uhla 2**
- *a* Joh 4:2
- *b* Mar 1:10; IzE 8:38
- *c* Mat 3:1, 5, 6
- *d* Mat 14:3; Luk 3:19, 20
- *e* Joh 1:33, 34
- *f* Joh 1:19, 20
- *g* Mat 11:7, 10; Luk 1:13, 17
- *h* 2Ko 11:2; Efe 5:25; IsA 21:9
- *i* Joh 8:23
- *j* Mat 3:11
- *k* Joh 8:26; Joh 15:15
- *l* Joh 1:11; Joh 3:11
- *m* 1Jo 5:10

**3:20** *Noma, “ingasolwa.”

**3:33** *Noma, “uqinisekisile.”

**34** Ngoba lowo uNkulunkulu
amthumile ukhuluma amazwi
kaNkulunkulu,[a] ngoba uNku-
lunkulu akancishani ngomo-
ya wakhe.* **35** UBaba uyayi-
thanda iNdodana[b] futhi unike-
le zonke izinto esandleni sayo.[c]
**36** Obonisa ukholo eNdodane-
ni uyothola ukuphila okupha-
kade;[d] ongayilaleli iNdodana
ngeke akubone ukuphila,[e] ko-
dwa ulaka lukaNkulunkulu lu-
hlezi phezu kwakhe.[f]

**4** Lapho iNkosi iqaphela uku-
thi abaFarisi babezwile uku-
thi yayenza* abafundi abaningi
kunoJohane futhi ibabhapa-
thiza[g]— **2** nakuba uJesu ngo-
kwakhe engazange abhapathi-
ze kodwa kungabafundi bakhe
ababebhapathiza— **3** yasuka
eJudiya yaphinde yaya eGalile.
**4** Kodwa kwakudingeka idabu-
le eSamariya. **5** Ngakho yafi-
ka edolobheni laseSamariya eli-
bizwa ngokuthi iSikhari, edu-
ze kwensimu uJakobe ayeyini-
ke indodana yakhe uJosefa.[h]
**6** Empeleni, wawulapho um-
thombo kaJakobe.[i] Manje uJe-
su, ekhathele ngenxa yalo-
lu hambo, wayehlezi emthonje-
ni.* Cishe kwakuyihora lesithu-
pha.#

**7** Kweza owesifazane wase-
Samariya ezokha amanzi. UJe-
su wathi kuye: “Ngiphuzise.”
**8** (Ngoba abafundi bakhe ba-
behambile beye edolobheni be-
yothenga ukudla.) **9** Ngakho
lona wesifazane ongumSamari-
ya wathi kuye: “Kwenzeka ka-
njani ukuba wena, nakuba
ungumJuda, ucele ukuba ngi-
kuphuzise, ngibe ngingowesi-
fazane ongumSamariya?” (Ngo-
ba amaJuda ayengezwani na-
maSamariya.)[a] **10** UJesu wa-
phendula wathi kuye: “Uku-
be bewazi ngesipho sesihle si-
kaNkulunkulu[b] nokuthi nguba-
ni lo othi kuwe, ‘Ngiphuzise,’
ngabe ucele kuye, futhi nga-
be ukunike amanzi okuphila.”[c]
**11** Yena wathi kuye: “Mnu-
mzane, awunalo ngisho nebha-
kede lokukha amanzi, futhi
umthombo ujulile. Pho la ma-
nzi okuphila onawo avela ku-
muphi umthombo? **12** Awum-
khulu kunokhokho wethu uJa-
kobe, owasinika lo mthombo,
yena namadodana akhe nezi-
nkomo zakhe abaphuza kuwo,
akunjalo?” **13** UJesu waphe-
ndula wathi kuye: “Wonke umu-
ntu ophuza la manzi uyophinde
ome. **14** Noma ubani ophuza
la manzi engizomnika wona
akasoze oma,[d] kodwa amanzi
engizomnika wona, ngaphaka-
thi kuye ayoba umthombo wa-
manzi ophuphumayo ukuze
udlulisele ukuphila okupha-
kade.”[e] **15** Owesifazane wathi
kuye: “Mnumzane, nginike la
manzi, ukuze ngingomi futhi
ngingalokhu ngiza kule ndawo
ngizokha amanzi.”

**16** UJesu wathi kuye: “Ha-
mba uyobiza umyeni wakho
nize kule ndawo.” **17** Owe-
sifazane waphendula wathi:
“Anginaye umyeni.” UJesu wa-
thi kuye: “Usho kahle uma uthi,
‘Anginaye umyeni.’ **18** Ngoba
uye waba nabayeni abahlanu,
futhi indoda onayo manje ayi-
yena umyeni wakho. Lokhu
ukusho ngeqiniso.” **19** Owesi-
fazane wathi kuye: “Mnumza-
ne, ngiyabona ukuthi ungum-
profethi.[f] **20** Okhokho bethu
babekhulekela kule ntaba, ko-
dwa nina nithi iseJerusale-
ma indawo abantu okufanele
bakhulekele kuyo.”[g] **21** UJe-

ISAHL. 3
a Joh 7:16
b Joh 5:20; Joh 15:9, 10
c Mat 11:27; Luk 10:22
d Joh 3:16; Joh 6:47; Rom 1:17; Heb 5:9
e 2Th 1:7, 8; 1Jo 5:12
f Efe 5:5, 6; Heb 10:26, 27

ISAHL. 4
g Joh 3:22
h Gen 33:18, 19; Jos 24:32
i Joh 4:12

Uhla 2
a 2Kh 17:24; IzE 10:28
b Efe 2:8
c Joh 7:37
d Joh 6:35
e Joh 7:38; Rom 6:23; 1Jo 5:20
f Luk 7:16; Joh 9:17
g Dut 12:5, 6; 1Kh 9:3; 2Kr 7:12; Hu 122

---

**3:34** *Noma, “akasinikezi umoya wakhe ngesikali.” **4:1** *NgesiGreki, “uJesu wayenza.” **4:6** *Noma, “eduze kwesiphethu.” #Okuwukuthi, cishe ngo-12:00 emini.

su wathi kuye: “Ngikholwe,
sifazane, ihora liyeza la-
pho ningeke nikhulekele uBa-
ba kule ntaba noma eJerusale-
ma. **22** Nina nikhulekela eni-
ngakwazi;[a] thina sikhulekela
esikwaziyo, ngoba amaJuda
aluthola kuqala ulwazi ngensi-
ndiso.[b] **23** Noma kunjalo, iho-
ra liyeza futhi sekuyilo nama-
nje lapho abakhulekeli beqini-
so beyokhulekela khona uBa-
ba ngomoya nangeqiniso, ngo-
ba ngempela uBaba ufuna
abanjalo ukuba bamkhuleke-
le.[c] **24** UNkulunkulu unguMo-
ya,[d] futhi abamkhulekelayo ku-
mele bamkhulekele ngomoya
nangeqiniso.”[e] **25** Owesifaza-
ne wathi kuye: “Ngiyazi uku-
thi uMesiya uyeza, obizwa ngo-
kuthi uKristu. Noma nini lapho
yena efika, uyozimemezela oba-
la zonke izinto kithi.” **26** UJe-
su wathi kuye: “Mina engikhu-
luma nawe nginguye.”[f]

**27** Kusenjalo kwafika abafu-
ndi bakhe, futhi bamangala ngo-
ba wayekhuluma nowesifazane.
Noma kunjalo, akekho owathi:
“Ufunani?” noma “Ukhulumela-
ni naye?” **28** Ngakho, owesifa-
zane washiya imbiza yakhe ya-
manzi wahamba waya edolo-
bheni, watshela abantu wa-
thi: **29** “Wozani nibone umu-
ntu ongitshele zonke izinto
engizenzile. Akuyena mhlawu-
mbe uKristu lona?” **30** Baphu-
ma edolobheni baya kuye.

**31** Phakathi naleso sikha-
thi, abafundi babemncenga,
bethi: “Rabi,[g] yidla.” **32** Ko-
dwa wathi kubo: “Nginokudla
engizokudla eningazi nga-
kho.” **33** Abafundi base be-
thi omunye komunye: “Ake-
kho omlethele ukudla, aku-
njalo?” **34** UJesu wathi kubo:
“Ukudla kwami kuwukuba nge-
nze intando yalowo ongithumi-
le[a] nokuba ngiqede umsebenzi
wakhe.[b] **35** Anisho yini ukuthi
kusasele izinyanga ezine nga-
phambi kokuba kufike isikha-
thi sokuvuna? Bhekani! Ngithi
kini: Phakamisani amehlo enu
nibuke amasimu, ukuthi asem-
hlophe alungele ukuvunwa.[c] Ka-
kade **36** umvuni useyalamu-
kela iholo futhi ubutha isi-
thelo esiyothola ukuphila oku-
phakade, ukuze umhlwanyeli
nomvuni bajabule kanyekanye.[d]
**37** Kule ndaba, leli zwi liyiqi-
niso: Omunye ungumhlwanyeli
omunye ungumvuni. **38** Nga-
nithuma ukuba niyovuna lokho
eningazange nikusebenzele.
Abanye baye basebenza, nina
nizuzile emsebenzini wabo.”

**39** Abaningi kumaSamariya
akulelo dolobha bakholwa ngu-
ye ngenxa yezwi lowesifaza-
ne owafakaza, wathi: “Ungi-
tshele zonke izinto engizenzi-
le.”[e] **40** Ngakho lapho amaSa-
mariya efika kuye, amcela uku-
ba ahlale nawo, wahlala kho-
na izinsuku ezimbili. **41** Nge-
nxa yalokho, abanye abaningi
bakholwa ngenxa yalokho aku-
sho, **42** futhi bathi kowesifa-
zane: “Asisakholwa ngenxa ya-
lokho okushilo; ngoba sizizwe-
le ngokwethu, futhi siyazi uku-
thi lo muntu ngempela ungu-
msindisi wezwe.”[f]

**43** Ngemva kwalezo zinsuku
ezimbili, wasuka lapho waya
eGalile. **44** Nokho, uJesu ngo-
kwakhe wafakaza ukuthi um-
profethi akadunyiswa ezweni
lakubo.[g] **45** Lapho efika eGali-
le, abaseGalile bamamukela,
ngoba babebone zonke izinto
ayezenze emkhosini eJerusale-
ma,[h] ngoba nabo babeyile em-
khosini.[i]

**46** Waphinde wafika eKhana
laseGalile, lapho ayephendu-
le khona amanzi aba yiwayini.[j]

ISAHL. 4
*a* 2Kh 17:29, 33
*b* Isay 2:3; Rom 9:4
*c* 2Kr 16:9
*d* 2Ko 3:17; 1Ti 1:17; Heb 11:27
*e* Rom 12:1
*f* Joh 9:35-37
*g* Joh 1:38

Uhla 2
*a* Joh 6:38
*b* Joh 5:30, 36; Joh 17:4; Joh 19:30
*c* Mat 9:37
*d* 1Ko 3:8
*e* Joh 4:29
*f* Mat 1:21; Joh 1:29; 1Ti 1:15; 1Jo 4:14
*g* Mat 13:57; Mar 6:4; Luk 4:24
*h* Joh 2:23
*i* Dut 16:16
*j* Joh 2:1-11

Kwakukhona isikhulu sasebu-
khosini esasigulelwa yindoda-
na eKapernawume. **47** Lapho
lo muntu ezwa ukuthi uJesu
uphumile eJudiya waya eGalile,
waya kuye wamcela ukuba ehle
elaphe indodana yakhe, ngo-
ba yayisizofa. **48** Kodwa uJe-
su wathi kuye: “Ngaphandle ko-
kuba nina bantu nibone izibo-
nakaliso nezimangaliso aniso-
ze nakholwa.”[a] **49** Isikhulu sa-
sebukhosini sathi kuye: “Nkosi,
yehla ngaphambi kokuba um-
ntanami afe.” **50** UJesu wathi
kuso: “Hamba; indodana ya-
kho iyaphila.”[b] Lo muntu wa-
kukholelwa lokho uJesu aku-
sho kuye, wahamba. **51** Ko-
dwa lapho esesendleleni, izi-
nceku zakhe zamhlangabeza zi-
zomtshela ukuthi umfana wa-
khe uyaphila.* **52** Ngakho wa-
zibuza ukuthi ube ngcono nga-
liphi ihora. Zathi kuye: “Um-
khuhlane umyeke izolo ngehora
lesikhombisa.”* **53** Uyise wazi
ukuthi yilelo hora kanye lapho
uJesu asho ngalo kuye uku-
thi: “Indodana yakho iyaphila.”[c]
Ngakho yena nomndeni wa-
khe wonke bakholwa. **54** Lesi
kwakuyisibonakaliso sesibili[d]
uJesu asenza lapho ephuma
eJudiya eya eGalile.

**5** Ngemva kwalokhu kwaba
nomkhosi[e] wamaJuda, uJe-
su waya eJerusalema. **2** ESa-
ngweni Lezimvu[f] eliseJerusa-
lema kukhona ichibi elibi-
zwa ngokuthi i-*Bhethesda* nge-
siHebheru, elinompheme onezi-
nsika ezinhlanu. **3** Ngaphansi
kwawo kwakulele uquqaba lwa-
bagulayo, izimpumputhe, izi-
nyonga, nalabo ababenama-
lunga omzimba akhubazekile.*
**4** *— **5** Kodwa kwakukhona
umuntu owayesegule iminya-
ka engu-38. **6** Ebona lo muntu
elele lapho futhi eqaphela uku-
thi wayesegule isikhathi esi-
de, uJesu wathi kuye: “Uyafuna
yini ukwelapheka?”[a] **7** Lo mu-
ntu ogulayo wamphendula wa-
thi: “Mnumzane, anginaye umu-
ntu ozongifaka echibini lapho
amanzi enyakaziswa, ngithi la-
pho ngiseza kwehle omunye
ngaphambi kwami.” **8** UJesu
wathi kuye: “Sukuma! Tha-
tha uhlaka lwakho uhambe.”[b]
**9** Ngokushesha lo muntu welu-
lama, wathatha uhlaka lwakhe
wahamba.

KwakuyiSabatha ngalolo su-
ku. **10** Ngakho amaJuda athi
kulo muntu owelashiwe: “Yi-
Sabatha, akukho ngokomthe-
tho ukuba uthwale uhlaka.”[c]
**11** Kodwa wawaphendula wa-
thi: “Lowo ongelaphile uthe
kimi, ‘Thatha uhlaka lwakho
uhambe.’” **12** Ambuza: “Ubani
lowo muntu othe kuwe, ‘Lu-
thathe uhambe’?” **13** Kodwa lo
muntu owayelashiwe wayenga-
zi ukuthi ungubani, ngoba uJe-
su wayengene esixukwini esasi-
lapho.

**14** Ngemva kwalokhu uJe-
su wamthola ethempelini wa-
thi kuye: “Bheka, usungumqe-
mane. Ungabe usona, ukuze
ungehlelwa okubi nakakhulu.”
**15** Lo muntu wahamba wa-
tshela amaJuda ukuthi nguJe-
su omelaphile. **16** Ngenxa ya-
lokhu amaJuda aqala ukum-
shushisa uJesu, ngoba waye-
nza lezi zinto ngeSaba-
tha. **17** Kodwa wawaphendu-
la: “UBaba ulokhu esebenza
kuze kube manje, nami ngi-
yasebenza.”[d] **18** Ngenxa yalo-
khu, amaJuda afuna nakakhu-
lu ukumbulala, ngoba waye-
ngaphuli iSabatha nje kuphela
kodwa futhi wayebiza uNkulu-

**ISAHL. 4**
*a* Mat 16:1; 1Ko 1:22
*b* Mat 8:13; Mar 7:29, 30
*c* Mat 8:13
*d* Joh 2:11

**ISAHL. 5**
*e* Eks 12:14; Dut 16:1, 16; Joh 2:13; Joh 6:4
*f* Neh 3:1

**Uhla 2**
*a* Isay 53:3
*b* Mat 9:6; Mar 2:10, 11; Luk 5:24
*c* Eks 20:9, 10; Mat 12:2; Luk 6:2
*d* Joh 9:4; Joh 14:10

**4:51** *Noma, “wayelulama.” **4:52** *Okuwukuthi, cishe ngo-1:00 ntambama. **5:3** *Noma, “ashwabene.” **5:4** *Bheka iSithasiselo A3.

nkulu ngoYise,[a] ezenza olinga-
na noNkulunkulu.[b]

**19** Ngakho-ke, uJesu wawa-
phendula wathi: “Ngiqinisile
impela ngithi kini, iNdodana
ayikwazi ukwenza nento eyo-
dwa ngokwayo, kodwa yenza
kuphela lokho ebona uYise
ekwenza.[c] Ngoba noma yiziphi
izinto azenzayo Yena, neNdo-
dana izenza ngendlela efana-
yo. **20** Ngoba uBaba uyayitha-
nda iNdodana[d] uyibonisa zonke
izinto azenzayo, futhi uzoyibo-
nisa imisebenzi emikhulu kuna-
le, ukuze nimangale.[e] **21** Ngo-
ba njengoba nje uBaba evusa
abafile futhi ebaphilisa,[f] kanja-
lo neNdodana iyabaphilisa labo
efuna ukubaphilisa.[g] **22** Ngo-
ba uBaba akahluleli muntu
nhlobo, kodwa ukuphathise
iNdodana konke ukwahlule-
la,[h] **23** ukuze bonke badumi-
se iNdodana njengoba nje be-
dumisa uYise. Noma ubani
ongayidumisi iNdodana aka-
mdumisi noYise oyithumile.[i]
**24** Ngiqinisile impela ngithi
kini, noma ubani ozwa izwi
lami akholwe yiLowo ongithu-
mile, uyothola ukuphila oku-
phakade,[j] futhi ngeke ahlulelwe
kodwa usedlulile ekufeni waya
ekuphileni.[k]

**25** “Ngiqinisile impela ngithi
kini, ihora liyeza, futhi sekuyi-
lo manje, lapho abafile bezoli-
zwa khona izwi leNdodana ka-
Nkulunkulu, labo abaye balale-
la bazophila. **26** Ngoba nje-
ngoba nje uBaba enokuphila*
kuye ngokwakhe,[l] kanjalo uni-
ke neNdodana ukuba nayo
ibe nokuphila kuyo ngokwa-
yo.[m] **27** Uyinike negunya lo-
kuba yahlulele,[n] ngoba iyi-
Ndodana yomuntu.[o] **28** Ninga-
mangali ngalokhu, ngoba iho-
ra liyeza lapho bonke abasema-
thuneni* beyolizwa izwi layo[a]
**29** baphume, ababenza okuhle
baphumele ovukweni lokuphi-
la, ababenza okubi ovukweni
lokwahlulelwa.[b] **30** Mina angi-
kwazi ukwenza ngisho nento
eyodwa ngokusuka kimi. Nga-
hlulela ngalokho engikuzwayo,
futhi isahlulelo sami silungile,[c]
ngoba angifisi ukwenza inta-
ndo yami, kodwa intando yalo-
wo ongithumile.[d]

**31** “Uma kuyimi ngedwa ozi-
fakazelayo, ubufakazi bami
abulona iqiniso.[e] **32** Ukhona
omunye ofakazayo ngami, fu-
thi ngiyazi ukuthi ubufakazi
abunikezayo ngami buyiqiniso.[f]
**33** Nithumele abantu kuJoha-
ne, futhi uye wafakazela iqi-
niso.[g] **34** Nokho angibamuke-
li ubufakazi obuvela kumu-
ntu, kodwa ngikhuluma
lezi zinto ukuze nisindiswe.
**35** Leyo ndoda yayiyisibani
esivuthayo nesikhanyayo, fu-
thi nani okwesikhashana nani-
zimisele ukujabula ekukhanye-
ni kwayo.[h] **36** Kodwa mina
nginobufakazi obukhulu kuno-
bukaJohane, ngoba yona ka-
nye imisebenzi uBaba angabe-
le ukuba ngiyifeze, yona le mi-
sebenzi engiyenzayo, iyafakaza
ukuthi ngithunywe nguBaba.[i]
**37** UBaba ongithumile naye
uye wafakaza ngami.[j] Anika-
ze nilizwe izwi lakhe ngano-
ma isiphi isikhathi futhi anika-
ze niwubone umzimba wakhe,[k]
**38** futhi izwi lakhe alihlezi
kini, ngoba yena kanye lowo
amthumile animkholwa.

**39** “Nihlola imiBhalo,[l] ngo-
ba nicabanga ukuthi niyoba
nokuphila okuphakade ngayo;

**5:26** *Noma, “uBaba enesipho sokuphila.”

**5:28** *Okuwukuthi, amathuna alabo abafile futhi abasenkumbulweni kaNkulunkulu.

ISAHL. 5
a Joh 14:28
b Flp 2:5, 6
c Joh 5:30; Joh 8:28; Joh 12:49
d Mat 3:17; Joh 3:35; Joh 10:17; 2Pe 1:17
e Luk 8:25; Joh 6:10, 11; Joh 6:19
f 2Kh 4:32-34; Heb 11:35
g Luk 7:12, 14; Luk 8:52-54; Joh 11:25
h IzE 10:42; IzE 17:31; 2Ko 5:10; 2Ti 4:1
i Luk 10:16
j Joh 3:16; Joh 6:40; Joh 8:51
k 1Jo 3:14
l Hu 36:9; IzE 17:28
m Joh 11:25
n Joh 5:22; 2Ti 4:1
o Dan 7:13

Uhla 2
a Job 14:13; Isay 25:8; Isay 26:19
b IsA 20:12, 15
c Isay 11:4
d Mat 26:39; Joh 4:34; Joh 6:38
e Dut 19:15
f Mat 3:17; Mar 9:7; Joh 12:28-30; 1Jo 5:9
g Joh 1:15, 32
h Mat 3:1, 5, 6; Mar 6:20
i Mat 11:5; Joh 3:2; Joh 7:31; Joh 10:25
j Mar 1:11; Joh 8:18
k Dut 4:11, 12; Joh 1:18; Joh 6:46
l Luk 11:52

yiyo kanye le* efakaza ngami.[a]
**40** Kodwa nokho anifuni uku-
za kimi[b] ukuze nithole ukuphi-
la. **41** Angamukeli inkazimulo
kubantu, **42** kodwa ngazi ka-
hle ukuthi aninalo uthando lu-
kaNkulunkulu. **43** Ngize nge-
gama likaBaba, kodwa aninga-
mukeli. Ukube bekufike omu-
nye umuntu ngegama lakhe
siqu, yena beniyomamukela.
**44** Ningakholwa kanjani nibe
namukela inkazimulo komu-
nye nomunye futhi ningayi-
funi inkazimulo evela kuNku-
lunkulu okuwukuphela kwa-
khe?[c] **45** Ningacabangi uku-
thi ngizonimangalela kuBaba;
ukhona onimangalelayo, uMo-
se,[d] lowo enithembele kuye.
**46** Eqinisweni, ukube namkho-
lwa uMose beniyongikholwa
nami, ngoba yena waloba nga-
mi.[e] **47** Kodwa uma imibha-
lo yakhe ningayikholwa, niyo-
kukholwa kanjani lokho engiku-
shoyo?"

**6** Ngemva kwalokhu uJesu
waya ngaphesheya ko-
Lwandle LwaseGalile, olubi-
zwa nangokuthi oLwaseThibhe-
riya.[f] **2** Isixuku esikhulu sasi-
lokhu simlandela,[g] ngoba sasi-
bona izibonakaliso ayezenza la-
pho elapha abagulayo.[h] **3** Nga-
kho uJesu wakhuphukela enta-
beni, wahlala lapho nabafundi
bakhe. **4** IPhasika,[i] umkhosi
wamaJuda, laliseduze. **5** La-
pho uJesu ephakamisa ame-
hlo futhi ebona ukuthi isixu-
ku esikhulu siza kuye, wathi
kuFiliphu: "Sizozithengaphi izi-
nkwa ukuze la bantu badle?"[j]
**6** Nokho, wayesho lokhu uku-
ze amvivinye, ngoba wayekwazi
ayesezokwenza. **7** UFiliphu
wamphendula: "Izinkwa zode-
nariyu* abangamakhulu amabili
azanele ukuba ngamunye atho-
le ngisho okuncane." **8** Omu-
nye wabafundi bakhe, u-Andre-
ya umfowabo kaSimoni Petru,
wathi kuye: **9** "Nangu umfa-
nyana onezinkwa zebhali ezi-
nhlanu nezinhlanzi ezimbili ezi-
ncane. Kodwa kuyini lokhu ku-
bantu abaningi kangaka?"[a]
**10** UJesu wathi: "Celani aba-
ntu ukuba bahlale phansi." Nje-
ngoba kwakunotshani obuningi
kuleyo ndawo, amadoda ahla-
la phansi, cishe ayengu-5 000.[b]
**11** UJesu wathatha izinkwa,
futhi ngemva kokubonga, wabe-
la labo ababehlezi lapho; wenza
okufanayo nangezinhlanzi ezi-
ncane, badla basutha. **12** Ko-
dwa lapho sebesuthi, wathi ku-
bafundi bakhe: "Buthani izi-
ngcezwana ezisele, ukuze ku-
ngachithwa lutho." **13** Ngakho
bazibutha bagcwalisa obha-
sikidi abangu-12 ngezingcezwa-
na zezinkwa ezinhlanu zebhali,
ezashiywa yilabo ababedlile.
**14** Lapho abantu bebona izi-
bonakaliso ayezenza, bathi:
"Ngempela lo ungumProfethi
owayezofika ezweni."[c] **15** Nga-
kho, uJesu azi ukuthi base be-
zokuza bambambe ukuze bame-
nze inkosi, waphinde wasuka[d]
waya entabeni eyedwa.[e]
**16** Lapho kuhwalala, abafu-
ndi bakhe behlela olwandle,[f]
**17** bagibela isikebhe, basuka
badabula ulwandle balibangi-
sa eKapernawume. Ngalesi si-
khathi kwase kumnyama fu-
thi uJesu wayengakafiki kubo.[g]
**18** Ulwandle lwaqala ukugu-
bha ngamandla ngoba kwa-
kuvunguza umoya onamandla.[h]
**19** Nokho, lapho sebegwedle
cishe amakhilomitha ayisihla-
nu noma ayisithupha,* babo-

**ISAHL. 5**
a Dut 18:15
b Isay 53:3; Joh 1:11
c Joh 12:42, 43
d Dut 31:26, 27; Joh 7:19
e Dut 18:15; Luk 24:44; Joh 1:45

**ISAHL. 6**
f Mat 14:13; Luk 9:10
g Mar 6:33
h Luk 9:11
i Joh 2:13; Joh 5:1
j Mat 14:14-17; Mar 6:35-38; Luk 9:12, 13

**Uhla 2**
a 2Kh 4:42-44
b Mat 14:19-21; Mar 6:39-44; Luk 9:14-17
c Dut 18:15, 18
d Joh 17:16; Joh 18:36
e Mat 14:23; Mar 6:45
f Mat 14:22
g Mar 6:47-51
h Mat 8:24; Mat 14:24-33

**5:39** *Okuwukuthi, imiBhalo. **6:7** *Bheka iSithasiselo B14.

**6:19** *NgesiGreki, "ibanga elingangezinkundla zemidlalo ezingaba ngu-25 noma ezingaba ngu-30." Bheka iSithasiselo B14.

na uJesu ehamba phezu kolwa-
ndle esondela esikebheni, besa-
ba. **20** Kodwa wathi kubo:
“Yimina; ningesabi!”[a] **21** Nga-
kho bavuma ukumngenisa esi-
kebheni, ngokushesha isikebhe
safika ezweni ababeya kulo.[b]

**22** Ngosuku olulandelayo isi-
xuku esasisele ngapheseya
kolwandle sabona ukuthi
kwakungekho sikebhe lapho.
Kwakukade kunesincane, ko-
dwa uJesu wayengangenanga
kuleso sikebhe kanye naba-
fundi bakhe, ngoba abafu-
ndi bakhe babehambe bodwa.
**23** Nokho kwafika izikebhe ezi-
vela eThibheriya eduze kwe-
ndawo lapho babedle khona isi-
nkwa ngemva kokuba iNkosi
ibongile. **24** Ngakho lapho isi-
xuku sibona ukuthi uJesu na-
bafundi bakhe babengekho la-
pho, sagibela izikebhe zaso
safika eKapernawume sifuna
uJesu.

**25** Lapho simthola ngaphe-
sheya kolwandle sathi kuye:
“Rabi,[c] ufike nini lapha?”
**26** UJesu wasiphendula wathi:
“Ngiqinisile impela ngithi kini,
aningifuni ngoba nibone izi-
bonakaliso kodwa ngoba nidle
izinkwa nasutha.[d] **27** Ninga-
sebenzeli ukudla okonakalayo,
kodwa sebenzelani ukudla oku-
ngonakali okunikeza ukuphila
okuphakade,[e] iNdodana yomu-
ntu ezoninika kona; ngoba uBa-
ba, uNkulunkulu uqobo, ubeke
phezu kwayo uphawu lwakhe
lokuyamukela.”[f]

**28** Ngakho sathi kuye: “Yini
okumele siyenze ukuze se-
nze imisebenzi kaNkulunku-
lu?” **29** Ephendula uJesu wa-
thi kuso: “Yilo umsebenzi ka-
Nkulunkulu, ukuba nibonise
ukholo kulowo amthumile.”[g]
**30** Sathi kuye: “Yisiphi isibo-
nakaliso osenzayo,[h] ukuze sisi-
bone futhi sikukholwe? Yi-
muphi umsebenzi owenzayo?
**31** Okhokho bethu badla ima-
na ehlane,[a] njengoba nje ku-
lotshiwe: ‘Wabanika isinkwa
esivela ezulwini ukuba ba-
dle.’ ”[b] **32** UJesu wabe esethi
kuso: “Ngiqinisile impela ngithi
kini, uMose akaninikanga isi-
nkwa esivela ezulwini, kodwa
uBaba uninika isinkwa seqini-
so esivela ezulwini. **33** Ngoba
isinkwa sikaNkulunkulu siyilo-
wo owehla ezulwini futhi oni-
ka izwe ukuphila.” **34** Ngakho
sathi kuye: “Nkosi, sinike lesi
sinkwa ngaso sonke isikhathi.”

**35** UJesu wathi kuso: “Mina
ngiyisinkwa sokuphila. Noma
ubani oza kimi ngeke ala-
mbe, nanoma ubani oboni-
sa ukholo kimi akasoze oma.[c]
**36** Kodwa njengoba ngishilo
kini, ningibonile nokungibo-
na nokho anikholwa.[d] **37** Bo-
nke uBaba anginika bona bayo-
za kimi, futhi angisoze ngamxo-
sha lowo oza kimi;[e] **38** ngo-
ba angehlanga ezulwini[f] uku-
ba ngizokwenza intando yami
kodwa intando yalowo ongi-
thumile.[g] **39** Yile intando ya-
lowo ongithumile, ukuba ngi-
ngalahlekelwa muntu kubo bo-
nke labo anginike bona, ko-
dwa ukuba ngibavuse[h] ngosu-
ku lokugcina. **40** Ngoba yile
intando kaBaba, ukuba wo-
nke umuntu owamukela iNdo-
dana futhi abonise ukholo kuyo
athole ukuphila okuphakade,[i]
futhi ngizomvusa[j] ngosuku lo-
kugcina.”

**41** AmaJuda akhononda nga-
ye ngoba ethe: “Mina ngiyi-
sinkwa esehle ezulwini.”[k]
**42** Athi: “Lo akuyena yini uJe-
su indodana kaJosefa, esibazi-
yo oyise nonina?[l] Usho kanja-
ni manje ukuthi, ‘Ngehle ezu-
lwini’?” **43** UJesu waphendula

ISAHL. 6
a Mat 14:27 Mar 6:50
b Mat 14:34
c Joh 1:38
d Joh 6:11
e Joh 4:14 Joh 17:3 Rom 6:23
f Mat 3:17 IzE 2:22 2Pe 1:17
g IzE 16:31 1Jo 3:23
h Mat 12:38 Mar 8:12 Joh 2:18 1Ko 1:22

Uhla 2
a Eks 16:15 Num 11:7
b Hu 78:24 Hu 105:40
c Joh 4:14 Joh 7:37 IsA 22:17
d Joh 6:64
e Mat 11:28, 29 Joh 17:6
f Joh 3:13 Joh 8:23, 42
g Mat 26:39 Joh 5:30
h Joh 5:28, 29 Rom 6:5
i Joh 10:27, 28
j Joh 11:24 IzE 17:31 1Th 4:16 IsA 20:12
k Joh 6:33
l Mar 6:3

wathi kuwo: "Yekani ukukhono-
nda phakathi kwenu. **44** Ake-
kho umuntu ongeza kimi nga-
phandle kokuba uBaba ongithu-
mile emdonsa,[a] futhi mina
ngizomvusa ngosuku lokugci-
na.[b] **45** Kulotshiwe kubaProfe-
thi ukuthi: 'Bonke bayofundi-
swa uJehova.'*[c] Wonke umu-
ntu omlalelile uBaba futhi wa-
funda, uyeza kimi. **46** Akekho
umuntu oye wabona uBaba,[d]
ngaphandle kwalowo ovela ku-
Nkulunkulu; lona umbonile uBa-
ba.[e] **47** Ngiqinisile impela ngi-
thi kini, noma ubani okholwayo
uyothola ukuphila okuphakade.[f]

**48** "Mina ngiyisinkwa soku-
phila.[g] **49** Okhokho benu ba-
dla imana ehlane, noma ku-
njalo bafa.[h] **50** Yilesi isi-
nkwa esehla ezulwini, ukuze
sidliwe yinoma ubani, angafi.
**51** Mina ngiyisinkwa esiphila-
yo esehle ezulwini. Uma umu-
ntu esidla lesi sinkwa uyophila
kuze kube phakade; futhi nge-
mpela isinkwa engizosinikela
ngenxa yokuphila kwezwe siyi-
nyama yami."[i]

**52** Ngenxa yalokho amaJu-
da aqala ukuphikisana, ethi:
"Lo muntu angasinika kanjani
inyama yakhe ukuba siyidle?"
**53** UJesu wathi kuwo: "Ngiqi-
nisile impela ngithi kini, nga-
phandle kokuba nidle inya-
ma yeNdodana yomuntu niphu-
ze negazi layo, ngeke nikutho-
le ukuphila.*[j] **54** Noma ubani
odla inyama yami, aphuze ne-
gazi lami uyothola ukuphila
okuphakade, mina ngiyomvusa[k]
ngosuku lokugcina; **55** ngoba
inyama yami iwukudla kwange-
mpela, negazi lami liyisiphu-
zo sangempela. **56** Noma uba-
ni odla inyama yami aphuze ne-
gazi lami, uhlala emunye nami,
nami ngimunye naye.[a] **57** Nje-
ngoba nje uBaba ophilayo angi-
thuma futhi ngiphila ngenxa
kaBaba, kanjalo nalowo ongi-
dlayo uyophila ngenxa yami.[b]
**58** Yilesi isinkwa esehle ezu-
lwini. Akunjengesikhathi lapho
okhokho benu babedla noma
kunjalo bafa. Noma ubani odla
lesi sinkwa uyophila kuze kube
phakade."[c] **59** Lezi zinto wazi-
sho njengoba ayefundisa esina-
gogeni* eKapernawume.

**60** Lapho bezwa lokhu, aba-
ningi kubafundi bakhe, bathi:
"Le nkulumo iyashaqisa; ubani
ongayilalela?" **61** Kodwa uJe-
su, azi ukuthi abafundi bakhe
babekhononda ngalokhu, wa-
thi kubo: "Kuyanikhuba yini
lokhu? **62** Manje kuyothiwani
uma ningabona iNdodana yo-
muntu inyukela lapho yayi-
khona ngaphambili?[d] **63** Ngu-
moya onikeza ukuphila;[e] inya-
ma ayisizi ngalutho. Amazwi
engiwakhulume kini angumo-
ya futhi awukuphila.[f] **64** Ko-
dwa bakhona abanye kini aba-
ngakholwa." Ngoba uJesu wa-
yazi kusukela ekuqaleni ukuthi
obani ababengakholwa noku-
thi ubani owayezomkhaphela.[g]
**65** Waqhubeka wathi: "Kunga-
kho ngithe kini, akekho ongeza
kimi ngaphandle kokuba evu-
nyelwe uBaba."[h]

**66** Ngenxa yalokhu, abani-
ngi kubafundi bakhe baha-
mba baya ezintweni ababe-
zishiye emuva[i] futhi ababange
besahamba naye. **67** Ngakho
uJesu wathi kwabayiShumi
Nambili:* "Nifuna ukuhamba
yini nani?" **68** USimoni Pe-
tru wamphendula wathi: "Nko-
si, ubani esizoya kuye?[j] Ngu-

**6:45** *Bheka iSithasiselo A5. **6:53** *NgesiGreki, "aninakho ukuphila kini ngaphakathi."

**6:59** *Noma kungaba, "emhlanganweni womphakathi." **6:67** *Okuwukuthi, abaphostoli abangu-12.

**ISAHL. 6**
*a* Joh 6:65
*b* Joh 11:24
*c* Isay 54:13
*d* Eks 33:17, 20
*e* Mat 11:27, Luk 10:22, Joh 1:18
*f* Joh 3:16
*g* Joh 6:33
*h* Joh 6:31
*i* Heb 10:10
*j* Joh 6:33
*k* Joh 6:40, 1Ko 15:51, 52, 1Th 4:16

**Uhla 2**
*a* Joh 15:4
*b* Joh 5:26, 1Ko 15:22
*c* Joh 6:51
*d* Joh 3:13, Joh 6:38, Joh 8:23, IzE 1:9
*e* Gal 6:8
*f* Dut 8:3, Mat 4:4
*g* Mat 9:3, 4, Joh 2:24, 25, Joh 13:11
*h* Joh 6:44
*i* Luk 9:62
*j* Mat 16:16, Mar 8:29

we onamazwi okuphila okupha-
kade.[a] **69** Siye sakholwa fu-
thi sesiyazi ukuthi ungoNgcwe-
le kaNkulunkulu.”[b] **70** UJesu
wabaphendula wathi: “Ngani-
khetha mina nina eniyishumi
nambili, akunjalo?[c] Nokho omu-
nye kini ungumnyundeli.”*[d]
**71** Eqinisweni wayekhuluma
ngoJuda indodana kaSimoni
Iskariyothe, ngoba lona waye-
zomkhaphela, nakuba ayengo-
munye wabayiShumi Nambili.*[e]

**7** Ngemva kwalokhu uJesu
waqhubeka ejikeleza* eGa-
lile, ngoba wayengafuni uku-
ya eJudiya, ngoba amaJuda
ayefuna ukumbulalala.[f] **2** No-
kho, uMkhosi wamaJuda wa-
maTabernakele*[g] wawususedu-
ze. **3** Ngakho abafowabo[h] ba-
thi kuye: “Suka lapha uye eJu-
diya, ukuze abafundi bakho
nabo babone imisebenzi oye-
nzayo. **4** Ngoba akekho owe-
nza noma yini ekusithekeni ku-
yilapho efuna ukwaziwa oba-
la. Uma wenza lezi zinto, zi-
veze ezweni.” **5** Eqinisweni,
abafowabo babengenalo ukho-
lo kuye.[i] **6** Ngakho uJesu wa-
thi kubo: “Isikhathi sami asi-
kafiki,[j] kodwa esenu isikhathi
sihlale sikhona. **7** Izwe alina-
so isizathu sokunizonda, ko-
dwa mina liyangizonda, ngo-
ba ngifakaza ngalo ukuthi imi-
sebenzi yalo mibi.[k] **8** Hamba-
ni nina niye emkhosini; mina
angiyi kulo mkhosi njengama-
nje, ngoba isikhathi sami asi-
kafiki ngokugcwele.”[l] **9** Nge-
mva kokubatshela lezi zinto,
wahlala eGalile.

**10** Kodwa lapho abafowabo
sebehambile baya emkhosini,
naye wahamba, hhayi obala ko-
dwa kungazi muntu. **11** Nga-
kho amaJuda amfuna emkhosi-
ni ethi: “Uphi lowaya muntu?”
**12** Kwakunokuvungama okuni-
ngi ngaye phakathi kwezixu-
ku. Abanye babethi: “Ungu-
muntu omuhle.” Abanye be-
thi: “Akayena. Udukisa isixu-
ku.”[a] **13** Yebo, akekho owaye-
khuluma ngaye obala ngenxa
yokwesaba amaJuda.[b]

**14** Lapho umkhosi usuzo-
phela, uJesu waya ethempelini
wafundisa. **15** AmaJuda ama-
ngala, ethi: “Kwenzeka kanja-
ni ukuba lo muntu abe nolwa-
zi lwemiBhalo,[c] ebe engafundi-
le?”*[d] **16** UJesu wabaphendu-
la wathi: “Lokho engikufundi-
sayo akukhona okwami, kodwa
kungokwalowo ongithumile.[e]
**17** Uma umuntu efisa ukwenza
intando yaKhe, uyokwazi uku-
thi le mfundiso ivela kuNkulu-
nkulu yini[f] noma ngikhuluma
okuvela kimi siqu. **18** Noma
ubani okhuluma okwakhe ufu-
na inkazimulo yakhe siqu; ko-
dwa noma ubani ofuna inkazi-
mulo yalowo omthumile,[g] lona
uqinisile futhi akukho ukunga-
lungi kuye. **19** UMose wanini-
ka uMthetho,[h] akunjalo? Ko-
dwa akekho noyedwa kini owu-
lalelayo uMthetho. Kungani ni-
funa ukungibulala?”[i] **20** Isixu-
ku saphendula: “Unedemoni
wena. Ubani ofuna ukukubula-
la?” **21** Ephendula uJesu wa-
thi kuso: “Sinye isenzo engi-
senzile, futhi nonke nima-
ngele. **22** Ngenxa yalesi si-
zathu, uMose uye waninika
umthetho omayelana noku-
soka[j]—kungekhona ukuthi uve-
la kuMose, kodwa uvela kokho-
kho[k]—futhi niyamsoka umuntu
ngesabatha. **23** Uma umuntu
esokwa ngesabatha ukuze

---

**6:70** *Noma, “ungudeveli.” **6:71** *Okuwukuthi, abaphostoli abangu-12. **7:1** *Noma, “ezulazula.” **7:2** *Noma, “Wamadokodo.”

**7:15** *Okuwukuthi, engafundile ezikoleni zorabi.

---

**ISAHL. 6**
*a* Joh 6:63, Joh 17:3
*b* Luk 9:20
*c* Luk 6:13
*d* Luk 22:3, Joh 13:18
*e* Mat 26:14, 15, Joh 12:4

**ISAHL. 7**
*f* Joh 5:18
*g* Lev 23:34
*h* Mat 12:46, Mar 6:3, Luk 8:19, Joh 2:12, IzE 1:14, Gal 1:19
*i* Mar 3:21
*j* Joh 2:4, Joh 7:30
*k* Joh 3:19, Joh 15:19
*l* Joh 8:20

**Uhla 2**
*a* Joh 9:16
*b* Joh 9:22, Joh 12:42, Joh 19:38
*c* Luk 4:16, 17
*d* Mat 13:54, Mar 6:2, Luk 2:46, 47, IzE 4:13
*e* Joh 8:28, Joh 12:49, Joh 14:10
*f* Joh 8:47
*g* Joh 5:41, Joh 8:50
*h* Eks 24:3
*i* Mat 12:14, Mar 3:6
*j* Lev 12:2, 3
*k* Gen 17:9, 10

uMthetho KaMose ungaphulwa, ingabe nithukuthele ngoba ngiye ngaphilisa umuntu ngokuphelele ngesabatha?[a] **24** Yekani ukwahlulela ngokubukeka kwangaphandle, kodwa yahlulelani ngokwahlulela okulungile."[b]

**25** Abanye kwabahlala eJerusalema bathi: "Nguye lo muntu abafuna ukumbulala, akunjalo?[c] **26** Nokho, bhekani! ukhuluma obala, futhi abasho lutho kuye. Ababusi sebeyaqiniseka yini ukuthi lo unguKristu? **27** Nokho siyazi ukuthi lo muntu uvelaphi;[d] kodwa lapho uKristu efika, akekho oyokwazi ukuthi uvelaphi." **28** UJesu wabe esememeza njengoba efundisa ethempelini wathi: "Niyangazi mina futhi niyazi ukuthi ngivelaphi. Angizizelanga ngokwami,[e] kodwa Lowo ongithumile ungokoqobo, kodwa animazi nina.[f] **29** Mina ngiyamazi,[g] ngoba ngingummeleli ovela kuye, Yena ungithumile." **30** Ngakho bafuna ukumbamba,[h] kodwa akekho owambeka isandla, ngoba ihora lakhe lalingakafiki.[i] **31** Noma kunjalo, abaningi kuleso sixuku baba nokholo kuye,[j] futhi babethi: "Lapho uKristu efika, ngeke enze izibonakaliso ezingaphezu kwalezi ezenziwe yilo muntu, akunjalo?"

**32** AbaFarisi basizwa isixuku sivungama sisho lezi zinto ngaye, futhi abapristi abakhulu nabaFarisi bathumela onogada ukuba bayombamba.* **33** UJesu wabe esethi: "Ngizoba nani isikhashana ngaphambi kokuba ngihambe ngiye kuLowo ongithumile.[k] **34** Nizongifuna kodwa ngeke ningithole, futhi lapho ngikhona anikwazi ukuza."[l] **35** AmaJuda akhuluma wodwa athi: "Lo muntu uhlose ukuyaphi, ukuze singamtholi? Akahlosile ukuya kumaJuda ahlakazekile phakathi kwamaGreki, afundise amaGreki, akunjalo? **36** Usho ukuthini uma ethi, 'Nizongifuna, kodwa ngeke ningithole, futhi lapho ngikhona anikwazi ukuza'?"

**37** Ngosuku lokugcina, usuku olukhulu lomkhosi,[a] uJesu wama futhi wamemeza, wathi: "Uma ekhona owomile, makeze kimi aphuze.[b] **38** Noma ubani okholwa yimi, njengoba nje umbhalo ushilo: 'Kuyogeleza imifudlana yamanzi aphilayo iphuma ngaphakathi kuye.' "[c] **39** Nokho, lokhu wakusho ngokuphathelene nomoya, lowo labo abakholwa nguye abase bezowamukela; ngoba kuze kube yileso sikhathi wawungekho umoya,[d] ngoba uJesu wayengakakhazinyuliswa.[e] **40** Abanye kuleso sixuku abezwa la mazwi bathi: "Ngempela lona ungumProfethi."[f] **41** Abanye babethi: "Lo nguKristu."[g] Kodwa abanye bethi: "UKristu akaveli eGalile, akunjalo?[h] **42** ImiBhalo ayisho yini ukuthi uKristu uvela enzalweni kaDavide[i] naseBhetlehema,[j] indawo uDavide ayehlala kuyo?"[k] **43** Ngakho isixuku sahlukana phakathi ngaye. **44** Nokho, abanye kuso babefuna ukumbamba,* kodwa akekho owabeka izandla zakhe kuye.

**45** Onogada baphindela emuva kubapristi abakhulu nabaFarisi, bona bathi kubo: "Kungani ningezanga naye?" **46** Onogada baphendula bathi: "Akekho omunye umuntu owake wakhuluma kanje."[l] **47** AbaFarisi bathi: "Ingabe nani senidukisiwe?

**ISAHL. 7**

*a* Joh 5:8, 9
*b* Isay 11:3, 4; Mat 23:23
*c* Joh 5:18
*d* Mat 13:55
*e* Joh 8:42
*f* Joh 8:54, 55
*g* Mat 11:27; Joh 1:18; Joh 10:15
*h* Mar 11:18; Luk 19:47
*i* Joh 8:20
*j* Joh 2:23; Joh 8:30; Joh 10:40, 42; Joh 11:45
*k* Joh 13:33; Joh 16:16
*l* Joh 8:21, 22

**Uhla 2**

*a* Joh 7:2
*b* Joh 4:14; Joh 6:35
*c* Eks 17:6; Num 20:8; Joh 4:14
*d* Jow 2:28; Joh 16:7; IzE 2:17
*e* Joh 12:16; Joh 13:31, 32; 1Ti 3:16
*f* Dut 18:18; Joh 6:14
*g* Joh 4:40, 42; Joh 6:68, 69
*h* Joh 1:46; Joh 7:52
*i* 2Kr 13:5; Hu 89:3, 4; Hu 132:11; Jer 23:5
*j* Mik 5:2; Luk 2:4
*k* 1Sa 16:1
*l* Mat 7:28, 29; Luk 4:22

**7:32** * Noma, "bayombopha."

**7:44** * Noma, "ukumbopha."

**48** Akekho noyedwa kubabusi
noma kubaFarisi oye wakho-
lwa nguye, akunjalo?[a] **49** Ko-
dwa lesi sixuku esingawazi
uMthetho singabantu abaqale-
kisiwe.” **50** UNikhodemu, owa-
yeye kuye ngaphambili futhi
owayengomunye wabo, wathi
kubo: **51** “UMthetho wakithi
awumahluleli umuntu ngapha-
ndle kokuba uqale ngokumuzwa
futhi uthole ukuthi wenzeni,
akunjalo?”[b] **52** Baphendula ba-
thi kuye: “Uphuma eGalile yini
nawe? Hlola ubone ukuthi aku-
kho mprofethi oyovela eGalile.”*

**8** **12** UJesu waphinda fu-
thi wakhuluma nabo, ethi:
“Mina ngiwukukhanya kwe-
zwe.[c] Noma ubani ongilandela-
yo akasoze ahamba ebum-
nyameni, kodwa uyoba noku-
khanya[d] kokuphila.” **13** Nga-
kho abaFarisi bathi kuye: “Uzi-
fakazela wena; ubufakazi ba-
kho abulona iqiniso.” **14** UJe-
su ephendula wathi kubo: “Ngi-
sho noma ngizifakazela mina,
ubufakazi bami buyiqiniso,
ngoba ngiyazi ukuthi ngivela-
phi nokuthi ngiyaphi.[e] Kodwa
nina anazi ukuthi ngivelaphi
nokuthi ngiyaphi. **15** Nina na-
hlulela ngokwenyama;*[f] mina
angahluleli noyedwa umuntu.
**16** Kodwa ngisho noma nga-
hlulela, ukwahlulela kwami
kuneqiniso, ngoba anginge-
dwa, kodwa uBaba ongithumi-
le unami.[g] **17** NaseMthethwe-
ni wenu kulotshiwe ukuthi:
‘Ubufakazi babantu ababili bu-
yiqiniso.’[h] **18** Mina ngiyazifa-
kazela, noBaba ongithumile
uyangifakazela.”[i] **19** Babe se-
bethi kuye: “Uphi uYihlo?” UJe-
su waphendula: “Aningazi mina
noma uBaba.[a] Ukube beninga-
zi mina, beniyomazi noBaba.”[b]
**20** La mazwi wawasho enda-
weni yengcebo[c] njengoba aye-
fundisa ethempelini. Kodwa
akekho owambamba, ngoba
ihora lakhe lalingakafiki.[d]

**21** Ngakho waphinda wathi
kubo: “Ngiyahamba, futhi ni-
zongifuna, kodwa nina niyo-
fela esonweni senu.[e] Lapho
ngiya khona anikwazi ukuza.”[f]
**22** AmaJuda athi: “Ingabe uzo-
zibulala? Ngoba uthi, ‘Lapho
ngiya khona anikwazi ukuza.’ ”
**23** Waqhubeka wathi kuwo:
“Nina nivela ezindaweni ezinga-
phansi; mina ngivela ezindawe-
ni ezingaphezulu.[g] Nina nivela
kuleli zwe; mina angiveli kuleli
zwe. **24** Yingakho ngithe kini:
Niyofela ezonweni zenu. Ngoba
uma ningakholwa ukuthi mina
nginguye, niyofela ezonweni
zenu.” **25** Ngakho athi kuye:
“Ungubani?” UJesu wathi kuwo:
“Ngikhulumelani ngisho noku-
khuluma nje nani? **26** Nginezi-
nto eziningi okumele ngizikhu-
lume ngani nokumele ngikhiphe
isahlulelo ngazo. Eqinisweni,
Lowo ongithumile uqinisile, fu-
thi zona kanye izinto engazizwa
kuye ngiyazikhuluma ezweni.”[h]
**27** Abazange baqonde ukuthi
wayekhuluma kubo ngoYise.
**28** UJesu wathi: “Ngemva ko-
kuba seniyiphakamisile iNdoda-
na yomuntu,[i] niyokwazi ukuthi
nginguye[j] nokuthi angenzi lu-
tho ngokwami;[k] kodwa lezi zinto
ngizikhuluma njengoba nje uBa-
ba angifundisa. **29** Lowo ongi-
thumile unami; akangishiyanga
ngedwa, ngoba ngaso sonke isi-
khathi ngenza izinto ezimja-
bulisayo.”[l] **30** Njengoba aye-
sho lezi zinto, abaningi baba no-
kholo kuye.

**31** UJesu wabe esethi ku-
maJuda ayemkholelwe: “Uma

ISAHL. 7
a Joh 12:42; IzE 6:7
b Dut 1:16, 17

ISAHL. 8
c Isay 9:2; Isay 49:6; Mat 4:16; Joh 1:5; Joh 12:35
d Joh 12:46; 1Pe 2:9; 1Jo 2:8
e Joh 7:28; Joh 13:3; Joh 16:28
f Joh 7:24
g Joh 14:10
h Dut 17:6; Dut 19:15
i Joh 5:37; 2Pe 1:17; 1Jo 5:9

Uhla 2
a Joh 16:3
b Mat 11:27; Joh 14:7
c Mar 12:41
d Joh 7:30
e Joh 8:24
f Joh 7:34; Joh 13:33
g Joh 3:31; Joh 16:28
h Joh 18:19, 20
i Num 21:8, 9; Dan 7:13; Mat 26:64; Joh 3:14; Joh 12:32, 33; Gal 3:13
j Mat 27:54
k Joh 5:19, 30
l Joh 4:34; Joh 14:10; Heb 1:9

**7:52** *Imibhalo yesandla yasendulo eminingi nehlonishwayo ayinalo ivesi 53 kuya kusahluko 8 ivesi 11. **8:15** *Noma, “ngokokubona komuntu.”

nihlala ezwini lami, ningabafu-
ndi bami ngempela, **32** niyo-
lazi iqiniso,[a] futhi iqiniso li-
yonikhulula."[b] **33** Amphendu-
la athi: "Thina siyinzalo ka-
Abrahama futhi asikaze sibe
izigqila zamuntu. Usho ka-
njani ukuthi, 'Niyokhululeke-
ka'?" **34** UJesu wawaphendu-
la wathi: "Ngiqinisile impela
ngithi kini, wonke umuntu owe-
nza isono uyisigqila sesono.[c]
**35** Ngaphezu kwalokho, isi-
gqila asihlali emzini wenkosi
yaso kuze kube phakade; indo-
dana ihlala kuze kube pha-
kade. **36** Ngakho uma iNdo-
dana inikhulula, niyokhululeke-
ka ngempela. **37** Ngiyazi uku-
thi niyinzalo ka-Abrahama. Ko-
dwa nifuna ukungibulala, ngo-
ba izwi lami aliyitholi indawo
phakathi kwenu. **38** Ngikhu-
luma izinto engizibone ngesi-
khathi nginoBaba,[d] kodwa nina
nenza izinto enizizwe kuyihlo."
**39** Ephendula athi kuye: "Uba-
ba wethu ngu-Abrahama." UJe-
su wathi kuwo: "Ukube be-
ningabantwana baka-Abraha-
ma,[e] beniyokwenza imisebenzi
ka-Abrahama. **40** Kodwa ma-
nje nifuna ukungibulala, mina
muntu onitshele iqiniso engili-
zwe kuNkulunkulu.[f] U-Abraha-
ma akazange akwenze lokhu.
**41** Nina nenza imisebenzi ka-
yihlo." Athi kuye: "Thina asiza-
lwanga ngobufebe;* sinoBaba
munye, uNkulunkulu."

**42** UJesu wathi kuwo: "Uku-
be uNkulunkulu ubenguYihlo,
beniyongithanda,[g] ngoba ngila-
pha nje ngivela kuNkulu-
nkulu. Angizizelanga ngokwa-
mi, kodwa ngathunywa ngu-
Ye.[h] **43** Kungani ningakuqo-
ndi lokhu engikushoyo? Ngo-
ba anikwazi ukulalela izwi
lami. **44** Nina nivela kuyihlo
uDeveli, nifisa ukwenza izi-
fiso zikayihlo.[a] Yena waye-
ngumbulali kusukela ekuqale-
ni,*[b] akazange abambelele eqi-
nisweni, ngoba iqiniso alikho
kuye. Lapho ekhuluma ama-
nga, ukhuluma ngokuvumelana
nalokho ayikho, ngoba ungu-
mqambimanga noyise wama-
nga.[c] **45** Ngakolunye uhlango-
thi, ngenxa yokuthi mina ngi-
khuluma iqiniso, aningikholwa.
**46** Ubani kini ongilahla ngoku-
thi ngenze isono? Uma ngikhu-
luma iqiniso, kungani ninga-
ngikholwa? **47** Ovela kuNku-
lunkulu uyawalalela amazwi ka-
Nkulunkulu.[d] Yingakho nina ni-
ngalaleli, ngoba aniveli kuNku-
lunkulu."[e]

**48** AmaJuda ephendula athi
kuye: "Asisho yini kufanele
ukuthi, 'Wena ungumSama-
riya[f] nokuthi unedemoni'?"[g]
**49** UJesu waphendula: "Angi-
nalo idemoni mina, ko-
dwa ngidumisa uBaba, no-
kho nina niyangihlaza. **50** Ko-
dwa angizifuneli mina inkazi-
mulo;[h] ukhona Lowo ofuna ngi-
khazinyuliswe nowahlulelayo.
**51** Ngiqinisile impela ngithi
kini, uma umuntu egcina izwi
lami, akasoze akubona ukufa."[i]
**52** AmaJuda athi kuye: "Ma-
nje sesiyazi ukuthi unedemoni.
U-Abrahama wafa, ngokufana-
yo nabaprofethi, kodwa wena
uthi, 'Uma umuntu egcina
izwi lami, akasoze akunambi-
tha ukufa.' **53** Awumkhulu
wena kunobaba wethu u-Abra-
hama, owafa, akunjalo? Aba-
profethi nabo bafa. Wena uthi
ungubani?" **54** UJesu waphe-
ndula: "Uma ngizikhazimuli-
sa mina, inkazimulo yami iyi-

---

**8:41** *Noma, "ngokuziphatha kabi ngokocansi." NgesiGreki, i-*por·nei′a.* Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**8:44** *Noma, "lapho eqala."

---

ISAHL. 8

a Joh 17:17; Joh 18:37
b Rom 6:14, 22; Jak 1:25
c Rom 6:6, 16; Rom 7:14
d Joh 5:19
e Rom 2:28, 29; Rom 9:7, 8; Gal 3:7, 29
f Joh 8:26
g Joh 16:27; 1Jo 5:1
h Joh 3:16; Joh 5:19, 30

Uhla 2

a Gen 3:15
b 1Jo 3:8
c Gen 3:4; 2Ko 11:3; IsA 12:9
d Joh 18:37
e Joh 10:26; 1Jo 4:6
f Joh 4:9
g Mat 12:24; Joh 7:20; Joh 10:20
h Joh 5:41; Joh 7:18
i Joh 5:24; Joh 11:25, 26; 1Ko 15:54; IsA 20:6

ze. NguBaba ongikhazimulisa-
yo,[a] lowo nina enithi unguNku-
lunkulu wenu. **55** Nokho ani-
zange nimazi,[b] kodwa mina ngi-
yamazi.[c] Uma ngingathi angi-
mazi, ngiyobe ngingumqambi-
manga njengani. Kodwa ngiya-
mazi futhi ngigcina izwi lakhe.
**56** U-Abrahama uyihlo wajabu-
la kakhulu ngethemba lokubo-
na usuku lwami, futhi walu-
bona wajabula."[d] **57** AmaJu-
da athi kuye: "Awukabi nanemi-
nyaka engu-50, kodwa usumbo-
nile u-Abrahama?" **58** UJesu
wathi kuwo: "Ngiqinisile impela
ngithi kini, ngaphambi kokuba
u-Abrahama abe khona, ngase
ngikhona."[e] **59** Ngakho atha-
tha amatshe ukuze amjikijele
ngawo, kodwa uJesu wacasha
futhi waphuma ethempelini.

**9** Njengoba ayedlula wabona
umuntu owazalwa eyimpu-
mputhe. **2** Abafundi bakhe
bambuza: "Rabi,[f] ubani owo-
na, yilo muntu noma ngabaza-
li bakhe, aze azalwe eyimpu-
mputhe?" **3** UJesu waphendu-
la: "Akonanga lo muntu noma
abazali bakhe, kodwa kwe-
nzeka ukuze imisebenzi ka-
Nkulunkulu ibonakaliswe nga-
ye.[g] **4** Kumele senze imisebe-
nzi yaLowo ongithumile kuse-
semini;[h] buyeza ubusuku lapho
kungekho muntu ongasebenza
khona. **5** Uma nje ngisese-
zweni, ngiwukukhanya kwe-
zwe."[i] **6** Ngemva kokuba esho
lezi zinto, wakhafulela emhla-
bathini wenza udaka ngama-
the, walunameka emehlweni
alo muntu[j] **7** wathi kuye: "Ha-
mba uyogeza echibini laseSilo-
wama" (okuhunyushwa ngoku-
thi "oThunyiwe"). Wahamba wa-
yogeza, wabuya esebona.[k]
**8** Omakhelwane nalabo aba-
bevame ukumbona eyisinxi-
bi* bathi: "Yilo muntu obe-
vame ukuhlala acele, akunja-
lo?" **9** Abanye babethi: "Ngu-
ye." Abanye bethi: "Lutho
neze, ufana naye." Lo muntu
yena wayelokhu ethi: "Ngingu-
ye." **10** Ngakho bambuza ba-
thi: "Pho-ke, amehlo akho avu-
leke kanjani?" **11** Waphendu-
la: "Lo muntu okuthiwa ngu-
Jesu wenze udaka walugcoba
emehlweni ami wathi kimi, 'Ha-
mba uyogeza eSilowama.'[a] Nga-
kho ngihambile, ngageza, nga-
bona." **12** Bathi kuye: "Uphi
lowo muntu?" Wathi: "Angazi."
**13** Bamhola lo muntu obeka-
de eyimpumputhe bamyisa ku-
baFarisi. **14** Kwaqondana no-
kuthi kwakuwusuku lweSaba-
tha[b] mhla uJesu enza uda-
ka futhi evula amehlo akhe.[c]
**15** Manje nabaFarisi babe se-
bembuza lo muntu ukuthi kwe-
nzeke kanjani ukuba abone.
Wathi kubo: "Unameke udaka
emehlweni ami, ngageza, nga-
kho ngiyabona." **16** Abanye
kubaFarisi babe sebethi: "Lo
muntu akaveli kuNkulunkulu,
ngoba akaligcini iSabatha."[d]
Abanye bathi: "Umuntu oyisoni
angazenza kanjani izibonakali-
so zalolu hlobo?"[e] Ngakho ba-
hlukana phakathi.[f] **17** Baphi-
nde bathi kule mpumputhe:
"Wena-ke uthini ngaye, njengo-
ba evule amehlo akho?" Lo mu-
ntu wathi: "Ungumprofethi."
**18** Nokho amaJuda awaza-
nge akholwe ukuthi ubeyimpu-
mputhe nokuthi wayesebona,
aze abiza abazali balo mu-
ntu owayesebona. **19** Ababu-
za: "Ingabe lona uyindodana
yenu enithi yazalwa iyimpu-
mputhe? Kwenzeka kanjani uku-
ba ibone manje?" **20** Abazali

**9:8** * Umuntu ocela imali nezinye izinto kwabanye.

ISAHL. 8
a Joh 5:41; Joh 13:31, 32; IzE 3:13
b Joh 7:28
c Joh 7:29
d Mat 13:17; Heb 11:13
e IzA 8:22; Joh 17:5; Flp 2:6, 7; Kol 1:15-17

ISAHL. 9
f Joh 1:38
g Joh 11:2-4
h Joh 4:34; Joh 11:9
i Isay 49:6; Isay 61:1; Joh 1:5; Joh 8:12
j Mar 8:23
k 2Kh 5:10, 14

Uhla 2
a Joh 9:7
b Luk 13:14; Joh 5:8, 9
c Joh 9:6
d Eks 20:9, 10
e Joh 3:2
f Luk 12:51; Joh 7:12, 43; Joh 10:19

bakhe baphendula bathi: “Siya-
zi ukuthi lo uyindodana yethu
nokuthi wazalwa eyimpumpu-
the. **21** Kodwa ukuthi kwenze-
ke kanjani ukuba abone manje,
asazi; noma ukuthi ubani ovu-
le amehlo akhe, asazi. Buza-
ni yena. Usekhulile. Kumele azi-
khulumele.” **22** Abazali bakhe
basho lezi zinto ngoba besaba
amaJuda,[a] ngoba amaJuda aye-
sevumelene ngokuthi uma noma
ubani evuma ukuthi unguKri-
stu, lowo muntu kufanele axo-
shwe esinagogeni.[b] **23** Kunga-
kho abazali bakhe bathi: “Use-
khulile. Buzani yena.”

**24** Ngakho-ke ambiza okwe-
sibili lo muntu obekade eyi-
mpumputhe athi kuye: “Khazi-
mulisa uNkulunkulu; thina si-
yazi ukuthi lo muntu uyisoni.”
**25** Yena waphendula: “Ukuthi
uyisoni yini, mina angazi. Yi-
nye into engiyaziyo, ukuthi be-
ngiyimpumputhe, kodwa ma-
nje sengiyabona.” **26** Abe ese-
thi kuye: “Wenzeni kuwe? Uwa-
vule kanjani amehlo akho?”
**27** Wawaphendula: “Sengini-
tshelile, kodwa anilalelanga.
Kungani nifuna ukuphinde ni-
zwe futhi? Anifuni ukuba nga-
bafundi bakhe nani, akunja-
lo?” **28** Khona-ke athi kuye
ngokwedelela: “Nguwe umfu-
ndi walowo muntu, thina si-
ngabafundi bakaMose. **29** Si-
yazi ukuthi uNkulunkulu wa-
khuluma noMose, kodwa asa-
zi ukuthi lo muntu uvelaphi.”
**30** Lo muntu wawaphendula
wathi: “Ngempela kuyisimanga
lokhu, ukuthi anazi ukuthi uve-
laphi, kodwa ebe evule amehlo
ami. **31** Siyazi ukuthi uNkulu-
nkulu akazilaleli izoni,[c] kodwa
uma umuntu emesaba uNkulu-
nkulu futhi enza intando ya-
khe, uyamlalela lowo.[d] **32** Ku-
sukela kudala akukaze kuzwa-
kale ukuthi ukhona owavula
amehlo omuntu owazalwa eyi-
mpumputhe. **33** Ukube lo mu-
ntu ubengaveli kuNkulunkulu,
ubengeke enze lutho nhlobo.”[a]
**34** Ephendula athi kuye: “Wa-
zalelwa esonweni ngokuphele-
le, kodwa uzofundisa thina?”
Amxosha![b]

**35** UJesu wezwa ukuthi
amxoshile, futhi lapho emtho-
la, wathi: “Ingabe unalo ukholo
eNdodaneni yomuntu?” **36** Lo
muntu waphendula: “Inguba-
ni, mnumzane, ukuze ngibe
nokholo kuyo?” **37** UJesu wa-
thi kuye: “Uyibonile, eqiniswe-
ni yiyo le ekhuluma nawe.”
**38** Wathi: “Nginalo ukholo
kuyo, Nkosi.” Wamkhothamela.
**39** UJesu wabe esethi: “Nge-
za kuleli zwe ngenxa yalesi sa-
hlulelo, ukuze labo abangabo-
ni babone[c] futhi labo aba-
bonayo babe yizimpumputhe.”[d]
**40** Abanye kubaFarisi ababe-
naye bazizwa lezi zinto, bathi
kuye: “Usho ukuthi nathi siyi-
zimpumputhe?” **41** UJesu wa-
thi kubo: “Ukube beniyizimpu-
mputhe, beningeke nibe naso-
no. Kodwa manje nithi, ‘Siyabo-
na.’ Isono senu sihlezi kini.”[e]

**10** “Ngiqinisile impela ngithi
kini, ongangeni ngesa-
ngo esibayeni sezimvu kodwa
akhwele udonga, uyisela nom-
phangi.[f] **2** Kodwa ongena nge-
sango ungumalusi wezimvu.[g]
**3** Umlindisango uyamvulela,[h]
nezimvu ziyalilalela izwi la-
khe.[i] Ubiza izimvu zakhe nga-
magama aziholele ngaphandle.
**4** Lapho esezikhiphe zonke
ezakhe, uhamba phambi kwa-
zo, nezimvu zimlandele, ngoba
ziyalazi izwi lakhe. **5** Azisoze
zasilandela isihambi kodwa zi-
yosibalekela, ngoba azilazi izwi
lezihambi.” **6** UJesu wenza lo-
khu kuqhathanisa kubo, kodwa

ISAHL. 9
*a* Joh 7:13 Joh 19:38
*b* Joh 12:42 Joh 16:2
*c* Hu 66:18 IzA 28:9 Isay 1:15
*d* Hu 34:15 IzA 15:29

Uhla 2
*a* Joh 5:36
*b* Joh 9:22 Joh 16:2
*c* Luk 4:18 Joh 12:46
*d* Mat 11:25 Mat 13:13 Joh 3:19
*e* Joh 15:22

ISAHL. 10
*f* Mat 7:15
*g* Mat 26:31 Mar 14:27 Joh 10:11
*h* Luk 1:17 Joh 3:28
*i* Joh 10:27

bona abazange bakuqonde lo-
kho ayekusho kubo.

**7** Ngakho uJesu waphinde
wathi: “Ngiqinisile impela ngi-
thi kini, mina ngiyisango lezi-
mvu.[a] **8** Bonke abeze esikhu-
ndleni sami bangamasela na-
baphangi; kodwa izimvu aziba-
lalelanga. **9** Mina ngiyisango;
noma ubani ongena ngami uyo-
sindiswa, futhi uyongena aphi-
nde aphume athole idlelo.[b]
**10** Isela alizi ngaphandle ko-
kuba lihlose ukweba nokubu-
lala nokubhubhisa.[c] Mina ngi-
zele ukuba zibe nokuphila futhi
zibe nakho ngokuchichimayo.
**11** Mina ngingumalusi omu-
hle;[d] umalusi omuhle unikela
ukuphila kwakhe* ngenxa ye-
zimvu.[e] **12** Umuntu oqashiwe,
ongeyena umalusi wangempe-
la futhi okungezona ezakhe izi-
mvu, ubona impisi iza azishi-
ye izimvu abaleke—impisi iya-
zihlwitha izihlakaze— **13** ngo-
ba uqashiwe futhi akanandaba
nezimvu. **14** Mina ngingumа-
lusi omuhle. Ngiyazazi izimvu
zami nezimvu zami ziyangazi,[f]
**15** njengoba nje uBaba engazi
nami ngiyamazi uBaba;[g] futhi
nginikela ukuphila kwami* nge-
nxa yezimvu.[h]

**16** “Nginezinye izimvu, ezi-
ngezona ezalesi sibaya;[i] nazo
kumele ngizilethe, zilalele izwi
lami, futhi ziyoba mhlambi mu-
nye, nomalusi munye.[j] **17** Yi-
ngakho uBaba engithanda,[k]
ngoba nginikela ukuphila kwa-
mi*[l] ukuze ngiphinde ngikwa-
mukele. **18** Akekho okutha-
thayo kimi, kodwa ngikunike-
la ngokusuka kimi. Nginegunya
lokukunikela, futhi nginegunya
lokuphinde ngikwamukele.[m] Lo
myalo ngawamukela kuBaba.”

**19** Kwaphinde kwaba noku-
hlukana phakathi kwamaJuda[a]
ngenxa yala mazwi. **20** Ama-
ningi ayethi: “Unedemoni
futhi uyahlanya. Nimlalelela-
ni?” **21** Amanye athi: “Lawa
akuwona amazwi omuntu one-
demoni. Idemoni alinakuwavu-
la amehlo ezimpumputhe, aku-
njalo?”

**22** Ngaleso sikhathi kwaba
noMkhosi Wokunikezela eJeru-
salema. Kwakuyisikhathi sase-
busika, **23** futhi uJesu waye-
hamba endaweni yethempeli
ebizwa ngokuthi ‘uMpheme ka-
Solomoni.’[b] **24** Ngakho ama-
Juda amzungeza athi kuye:
“Kuyoze kube nini ulokhu use-
nza singaqiniseki? Uma ungu-
Kristu, sitshele ngokucaci-
le.” **25** UJesu wawaphendula:
“Nganitshela kodwa anikholwa.
Imisebenzi engiyenzayo egame-
ni likaBaba, yona iyafakaza
ngami.[c] **26** Kodwa anikholwa
ngoba anizona izimvu zami.[d]
**27** Izimvu zami ziyalilalela izwi
lami, nami ngiyazazi, futhi
ziyangilandela.[e] **28** Ngizinika
ukuphila okuphakade,[f] futhi
azisoze zabhubha nanini, aku-
kho muntu oyozihlwitha esa-
ndleni sami.[g] **29** Lokho uBa-
ba anginike khona kukhulu ku-
nazo zonke ezinye izinto, futhi
akekho ongazihlwitha esandle-
ni sikaBaba.[h] **30** Mina noBaba
simunye.”*[i]

**31** AmaJuda aphinda futhi
athatha amatshe ukuze am-
shaye ngawo. **32** UJesu wa-
thi kuwo: “Nginibonise imi-
sebenzi eminingi emihle eve-
la kuBaba. Yimuphi kuleyo
misebenzi eningikhanda ngama-
tshe ngenxa yawo?” **33** Ama-
Juda amphendula athi: “Asi-
kukhandi ngamatshe ngenxa

**ISAHL. 10**

- *a* Joh 14:6
- *b* Joh 21:17
- *c* Mat 7:15
- *d* Hez 34:23; Mat 9:36
- *e* 1Sa 17:34, 35; Mat 20:28; Heb 13:20
- *f* Joh 10:27
- *g* Mat 11:27
- *h* Mat 20:28; Joh 15:13; 1Jo 3:16
- *i* Luk 12:32
- *j* Hez 34:23; Hez 37:24; 1Pe 5:4
- *k* Joh 17:23
- *l* Isay 53:12; Flp 2:8; Heb 2:9; Heb 12:2
- *m* IzE 2:23, 24

**Uhla 2**

- *a* Luk 12:51; Joh 7:12; Joh 9:16
- *b* IzE 3:11
- *c* Joh 3:2; Joh 5:36; Joh 10:38; Joh 14:10; IzE 2:22
- *d* Joh 8:47
- *e* Joh 10:3
- *f* Joh 5:24; Joh 17:1, 2
- *g* Joh 6:37; Joh 18:9
- *h* 1Pe 1:4, 5
- *i* Joh 10:38; Joh 17:11, 21

---

**10:11** *Noma, “ngomphefumulo wakhe.”
**10:15, 17** *Noma, “ngomphefumulo wami.”
**10:30** *Noma, “sinobunye.”

yomsebenzi omuhle kodwa
ngenxa yokuhlambalaza;[a] ngo-
ba nakuba ungumuntu, uzenza
unkulunkulu.” **34** UJesu wa-
waphendula wathi: “Akulotshi-
we yini eMthethweni wenu uku-
thi, ‘Ngathi: “Ningonkulunku-
lu”’?*[b] **35** Uma ababiza ngoku-
thi ‘onkulunkulu’[c] labo okwa-
fika izwi likaNkulunkulu lame-
lana nabo—futhi imibhalo inge-
nakwenziwa ize— **36** ingabe
nisho kimi, lowo uBaba
amngcwelisa futhi wamthume-
la ezweni, ukuthi, ‘Wena
uyahlambalaza,’ ngoba ngi-
the, ‘ngiyiNdodana kaNkulunku-
lu’?[d] **37** Uma ngingenzi imise-
benzi kaBaba, ningangikholwa.
**38** Kodwa uma ngenza yona,
ngisho noma ningangikholwa
mina, kholwani yimisebenzi,[e]
ukuze nazi futhi niqhubeke
nazi ukuthi uBaba nami simu-
nye, nami ngimunye noBaba.”[f]
**39** Ngakho aphinde azama uku-
mbamba kodwa waphunyuka.

**40** Waphinde wahamba waya
ngaphesheya kweJordani enda-
weni uJohane ayebhapathize-
la kuyo ekuqaleni,[g] wahlala la-
pho. **41** Abantu abaningi beza
kuye bathi: “UJohane akenza-
nga ngisho nesisodwa isibona-
kaliso, kodwa zonke izinto uJo-
hane azisho ngalo muntu zazi-
yiqiniso.”[h] **42** Ngakho abaningi
lapho baba nokholo kuye.

**11** Manje umuntu othile oku-
thiwa uLazaru wayegula;
wayengowaseBhethaniya, enda-
weni yakubo kaMariya noMar-
ta[i] udadewabo. **2** Lona kwa-
kunguMariya owagcoba iNkosi
ngamafutha anamakha wasula
nezinyawo zayo ngezinwele za-
khe;[j] kwakungumfowabo uLaza-
ru owayegula. **3** Ngakho oda-
dewabo bathumela umyalezo
kuye, bathi: “Nkosi, bheka! lowo
omthandayo uyagula.” **4** Ko-
dwa lapho uJesu ekuzwa lokhu
wathi: “Injongo yalokhu kugula
ayikhona ukufa, kodwa iwuku-
ba kukhazinyuliswe uNkulunku-
lu,[a] ukuze iNdodana kaNkulu-
nkulu ikhazinyuliswe ngakho.”

**5** Manje uJesu wayemtha-
nda uMarta nodadewabo no-
Lazaru. **6** Nokho, lapho ezwa
ukuthi uLazaru uyagula, wa-
qhubeka ehleli endaweni aye-
kuyo ezinye izinsuku ezimbi-
li. **7** Ngemva kwalokhu wathi
kubafundi bakhe: “Masiphinde
siye eJudiya.” **8** Abafundi ba-
thi kuye: “Rabi,[b] muva nje
abaseJudiya bebefuna ukuku-
khanda ngamatshe,[c] kodwa uya
khona futhi?” **9** UJesu wa-
phendula: “Imini inamahora
angu-12, akunjalo?[d] Uma umu-
ntu ehamba emini ayikho into
emkhubayo, ngoba ubona uku-
khanya kwaleli zwe. **10** Ko-
dwa uma umuntu ehamba ebu-
suku, uyakhubeka, ngoba uku-
khanya akukho kuye.”

**11** Ngemva kokusho lezi zi-
nto, wathi kubo: “ULazaru um-
ngani wethu ulele,[e] kodwa
ngiya khona ukuze ngimvu-
se.” **12** Abafundi bathi kuye:
“Nkosi, uma elele, uzolula-
ma.” **13** Nokho, uJesu waye-
khuluma ngokufa kwakhe. Ko-
dwa bona bacabanga ukuthi
wayekhuluma ngokulala ngo-
ba ephumule. **14** UJesu wabe
esethi kubo ngokucacile: “ULa-
zaru ufile,[f] **15** futhi ngiyaja-
bula ngokuthi bengingekho,
ngoba lokhu engizokwenza ku-
zoqinisa ukholo lwenu. Masi-
ye kuye.” **16** Ngakho uToma-
se, owayebizwa ngokuthi iWele,
wathi kwabanye abafundi: “Ma-
sihambe nathi, ukuze sife ka-
nye naye.”[g]

**17** Lapho uJesu efika, wa-
thola ukuthi uLazaru waye-
senezinsuku ezine esethune-

**ISAHL. 10**
*a* Lev 24:16
*b* Hu 82:6; 1Ko 8:5
*c* Hu 82:1
*d* Luk 1:35; Joh 5:18
*e* Joh 5:36
*f* Joh 14:10; Joh 17:21
*g* Joh 1:28
*h* Joh 1:29

**ISAHL. 11**
*i* Luk 10:38
*j* Mat 26:6, 7; Mar 14:3; Joh 12:3

**Uhla 2**
*a* Joh 9:1-3
*b* Joh 1:38
*c* Joh 8:59; Joh 10:31
*d* Joh 9:4; Joh 12:35
*e* Hu 13:3; Mat 9:24; IzE 7:59, 60; 1Ko 15:6
*f* Shu 9:5
*g* Joh 11:8

**10:34** *Noma, “Ninjengonkulunkulu.”

ni. **18** IBhethaniya laliseduze neJerusalema, liqhele cishe
ngamakhilomitha amathathu.*
**19** Abaningi kumaJuda babezile kuMarta noMariya ukuze babaduduze ngomfowabo.
**20** Lapho uMarta ezwa ukuthi uJesu uyeza, wahamba wayomhlangabeza; kodwa uMariya[a] wayelokhu ehlezi ekhaya.
**21** UMarta wathi kuJesu: "Nkosi, ukube ubulapha umfowethu ngabe akafanga."
**22** Kodwa ngisho namanje ngiyazi ukuthi noma yini oyicelayo kuNkulunkulu, uNkulunkulu uyokunika yona."
**23** UJesu wathi kuye: "Umfowenu uzovuka."
**24** UMarta wathi kuye: "Ngiyazi ukuthi uyovuka ovukweni[b] ngosuku lokugcina."
**25** UJesu wathi kuye: "Mina ngingukuvuka nokuphila.[c] Lowo obonisa ukholo kimi, ngisho noma efa, uyophila;
**26** futhi wonke umuntu ophilayo obonisa ukholo kimi akasoze afa.[d] Uyakukholelwa lokhu?"
**27** Wathi kuye: "Yebo Nkosi, ngiyakholwa ukuthi wena unguKristu iNdodana kaNkulunkulu, lowo ozayo ezweni."
**28** Lapho esesho lokhu, wahamba wayobiza uMariya udadewabo, ethi ngasese: "UMfundisi[e] ukhona futhi uyakubiza."
**29** Lapho ezwa lokhu, wasukuma masinyane waya kuye.

**30** UJesu wayengakafiki emzini, kodwa wayesesendaweni uMarta ayemhlangabeze kuyo.
**31** Lapho amaJuda ayenoMariya endlini, emduduza, embona esukuma masinyane ephuma, amlandela, ecabanga ukuthi uya ethuneni[f] uyokhalela khona.
**32** Ngesikhathi uMariya efika lapho uJesu ayekhona futhi embona, wawela ezinyaweni zakhe, wathi kuye: "Nkosi, ukube ubulapha umfowethu ngabe akafanga."
**33** Lapho uJesu embona ekhala namaJuda ayeze naye ekhala, waquma ngaphakathi kuye* futhi wakhathazeka.
**34** Wathi: "Nimbekephi?" Bathi kuye: "Nkosi, woza uzobona."
**35** UJesu wakhala izinyembezi.[a]
**36** Ebona lokhu amaJuda athi: "Bhekani ukuthi ubemthanda kangakanani!"
**37** Kodwa amanye kuwo athi: "Lo muntu owavula amehlo empumputhe[b] ubengeke yini akwazi ukuvimbela lona ukuba angafi?"

**38** Ngakho uJesu, ngemva kokuba ephinde waquma ngaphakathi kuye, wafika ethuneni. Eqinisweni, lalingumhume, futhi kwakuncike itshe kulo.
**39** UJesu wathi: "Susani itshe." UMarta, udadewabo woshonile, wathi kuye: "Nkosi, kumele ukuba manje useyanuka, ngoba sekuyizinsuku ezine."
**40** UJesu wathi kuye: "Angikutshelanga yini ukuthi uma ungase ukholwe, uzobona inkazimulo kaNkulunkulu?"[c]
**41** Ngakho balisusa itshe. UJesu waphakamisela amehlo akhe ezulwini[d] wathi: "Baba, ngiyakubonga ngoba ungizwile.
**42** Yiqiniso, bengazi ukuthi uyangizwa ngaso sonke isikhathi; kodwa ngikhulume ngenxa yalesi sixuku esimi lapha, ukuze sikholwe ukuthi wena ungithumile."[e]
**43** Lapho esezishilo lezi zinto, wamemeza ngezwi elikhulu wathi: "Lazaru, phuma!"[f]
**44** Lo muntu owayefile waphuma izinyawo nezandla zakhe ziboshwe ngokokusonga, ubuso bakhe busongwe ngendwangu. UJesu wathi kubo: "Mqaqeni nimyeke ahambe."

ISAHL. 11
a Luk 10:38, 39
b Isay 26:19; Joh 5:28, 29; IzE 24:15; Heb 11:35; IsA 20:12
c Joh 14:6
d Joh 8:51
e Mat 23:8; Joh 13:13
f Joh 11:17

Uhla 2
a Luk 19:41; Heb 4:15
b Joh 9:6, 7
c Joh 9:1-3
d Mat 14:19; Mar 7:34, 35
e Joh 12:28-30; Joh 17:8
f Luk 7:12, 14

**11:18** *NgesiGreki, "ngebanga elingangezinkundla zemidlalo ezingaba ngu-15." Bheka iSithasiselo B14.

**11:33** *NgesiGreki, "waquma emoyeni."

**45** Amaningi kumaJuda aye-
ze kuMariya futhi ayebone
lokho ayekwenzile, aba nokho-
lo kuye,[a] **46** kodwa amanye
kuwo aya kubaFarisi abatshe-
la ngalokho uJesu ayekwenzile.
**47** Ngakho abapristi abakhulu
nabaFarisi baqoqela ndawonye
iSanhedrini futhi bathi: “Si-
zokwenzenjani, ngoba lo mu-
ntu wenza izibonakaliso ezini-
ngi?[b] **48** Uma simyeka aqhu-
beke enza ngale ndlela, bo-
nke bazokholwa nguye, amaRo-
ma azofika athathe indawo* ye-
thu nesizwe sethu.” **49** Ko-
dwa omunye wabo, uKayafa-
se,[c] owayengumpristi ophake-
me ngalowo nyaka, wathi kubo:
“Nina anazi lutho, **50** futhi
anicabangi ukuthi kuzuzisa
nina ukuba umuntu oyedwa
afe ngenxa yabantu, kunoku-
ba kubhujiswe sonke isizwe.”
**51** Nokho, lokhu akakusho-
ngo ngokuzisukela kuye, kodwa
ngoba wayengumpristi ophake-
me ngalowo nyaka, waprofetha
ukuthi uJesu wayezofela isi-
zwe, **52** kungesona isizwe ku-
phela, kodwa ukuze abantwa-
na bakaNkulunkulu abahlaka-
zekile nabo abaqoqele ndawo-
nye babe munye. **53** Ngakho
kusukela ngalolo suku kuqhu-
beke, bamakhela uzungu ukuze
bambulale.

**54** Ngenxa yalokho uJesu
akabange esahamba obala pha-
kathi kwamaJuda, kodwa wa-
suka lapho waya esifundeni
esiseduze kwehlane, edolobhe-
ni elibizwa ngokuthi i-Efrayi-
mi,[d] wahlala khona nabafundi.
**55** IPhasika[e] lamaJuda lase li-
sondele, abantu abaningi aba-
phuma emaphandleni baya eJe-
rusalema ngaphambi kwePhasi-
ka ukuze bazihlanze ngokwesi-
ko. **56** Babefuna uJesu futhi
bethi omunye komunye njengo-
ba bemi ethempelini: “Nicaba-
ngani? Ingabe ngeke nhlobo eze
emkhosini?” **57** Kodwa aba-
pristi abakhulu nabaFarisi ba-
bekhiphe umyalo wokuthi uma
noma ubani azi lapho uJesu
ekhona, kufanele asho, ukuze
bambambe.*

**12** Ezinsukwini eziyisithu-
pha ngaphambi kwePha-
sika, uJesu wafika eBhethani-
ya, lapho kwakukhona kho-
na uLazaru,[a] lowo uJesu aye-
mvuse kwabafile. **2** Bamenze-
la isidlo sakusihlwa khona, fu-
thi uMarta wayebalethela uku-
dla,[b] kodwa uLazaru waye-
ngomunye walabo ababedla*
naye. **3** UMariya wabe esetha-
tha iphawundi* lamafutha ana-
makha, ayebiza kakhulu, inadi
loqobo, wagcoba izinyawo zika-
Jesu wazesula ngezinwele za-
khe. Indlu yagcwala iphunga
lamafutha anamakha.[c] **4** Ko-
dwa uJuda Iskariyothe,[d] omu-
nye wabafundi bakhe owaye-
sezomkhaphela, wathi: **5** “Ku-
ngani la mafutha anamakha
engadayiswanga ngodenariyu*
abangu-300, baphiwa aba-
hluphekayo?” **6** Nokho, lokhu
akakushongo ngoba ekhathale-
la abampofu, kodwa ngoba eyi-
sela futhi ephatha ibhokisi le-
mali, evame ukweba imali eya-
yifakwa kulo. **7** UJesu wathi:
“Myeke ukuze agcine leli siko,
ngokucabangela usuku loku-
ngcwatshwa kwami.[e] **8** Aba-
hluphekayo nihlale ninabo,[f] ko-
dwa ngeke nibe nami ngaso so-
nke isikhathi.”[g]

ISAHL. 11
a Joh 2:23
Joh 10:42
Joh 12:10, 11
b Joh 12:37
IzE 4:15, 16
c Mat 26:3
Luk 3:2
IzE 4:5, 6
d 2Sa 13:23
2Kr 13:19
e Eks 12:14
Dut 16:1
Joh 2:13
Joh 5:1
Joh 6:4
Joh 12:1

Uhla 2

ISAHL. 12
a Joh 11:1, 43
b Luk 10:40
c Mat 26:6-10
Mar 14:3-6
d Mat 26:47
Mar 14:10
Luk 22:48
Joh 13:29
IzE 1:16
e Mat 26:12
Mar 14:8
Joh 19:40
f Dut 15:11
g Mat 26:11
Mar 14:7

**11:48** *Okuwukuthi, ithempeli.

**11:57** *Noma, “bambophe.” **12:2** *Noma, “ababehlezi etafuleni kanye.” **12:3** *Okuwukuthi, iphawundi lamaRoma, elingaba ngu-327 g. Bheka iSithasiselo B14. **12:5** *Bheka iSithasiselo B14.

**9** Phakathi naleso sikhathi,
isixuku esikhulu samaJuda se-
zwa ukuthi wayekhona, futhi
seza, hhayi ngenxa kaJesu ku-
phela, kodwa nokuba sizobona
uLazaru, ayemvuse kwabafile.[a]
**10** Abapristi abakhulu manje
bakha uzungu lokubulala noLa-
zaru, **11** ngoba abaningi ku-
maJuda babeya lapho ngenxa
yakhe futhi beba nokholo ku-
Jesu.[b]

**12** Ngosuku olulandelayo isi-
xuku esikhulu esasize emkho-
sini sezwa ukuthi uJesu wa-
yeza eJerusalema. **13** Ngakho
sathatha amagatsha ezihlahla
zesundu saphuma siyomhla-
ngabeza, samemeza sathi: "Si-
yakucela, msindise!* Ubusisi-
we lowo oza ngegama lika-
Jehova,#[c] iNkosi yakwa-Isra-
yeli!"[d] **14** Lapho uJesu etho-
la imbongolo esencane, wayigi-
bela,[e] njengoba nje kulotshiwe:
**15** "Ungesabi, ndodakazi yase-
Ziyoni. Bheka! Inkosi yakho iye-
za, igibele ithole lembongolo."[f]
**16** Ekuqaleni abafundi bakhe
abazange baziqonde lezi zinto,
kodwa lapho uJesu ekhazinyu-
liswa,[g] bakhumbula ukuthi lezi
zinto zazilotshiwe ngaye noku-
thi bazenza lezi zinto kuye.[h]

**17** Isixuku esasinaye lapho
ebiza uLazaru ukuba aphu-
me ethuneni[i] futhi emvusa
kwabafile, saqhubeka sifaka-
za.[j] **18** Yingakho isixuku sam-
hlangabeza ngoba sezwa uku-
thi wayenze lesi sibonakaliso.
**19** Ngakho abaFarisi bakhulu-
ma bodwa bathi: "Niyabona
ukuthi anisizi ngalutho. Bheka-
ni! Izwe lonke liyamlandela."[k]

**20** Manje kwakukhona ama-
Greki athile phakathi kwala-
bo ababeze ukuzokhulekela
emkhosini. **21** Laba baya ku-
Filiphu[a] owayevela eBhetsayi-
da laseGalile, bamcela, ba-
thi: "Mnumzane, sifuna ukubo-
na uJesu." **22** UFiliphu weza
watshela u-Andreya. U-Andre-
ya noFiliphu beza batshela
uJesu.

**23** Kodwa uJesu wabaphe-
ndula, wathi: "Selifikile iho-
ra lokuba iNdodana yomu-
ntu ikhazinyuliswe.[b] **24** Ngiqi-
nisile impela ngithi kini, nga-
phandle kokuba uhlamvu lu-
kakolweni luwele emhlabathi-
ni futhi lufe, luhlala luwuhla-
mvu olulodwa nje; kodwa uma
lufa,[c] khona-ke luthela izithe-
lo eziningi. **25** Noma ubani
othanda ukuphila* kwakhe uya-
kubhubhisa, kodwa noma uba-
ni ozonda ukuphila* kwakhe[d]
kuleli zwe, uyokulondela uku-
phila okuphakade.[e] **26** Uma
umuntu ezongikhonza, maka-
ngilandele, futhi lapho ngikho-
na yilapho nesikhonzi sami si-
yoba khona.[f] Uma umuntu ezo-
ngikhonza, uBaba uyomdumi-
sa. **27** Manje ngikhathazeki-
le,[g] ngizothini? Baba, ngisindi-
se kuleli hora.[h] Nokho, yinga-
kho ngifike kuleli hora.
**28** Baba, khazimulisa igama la-
kho." Ngakho kwavela izwi[i]
ezulwini lithi: "Ngilikhazimuli-
sile futhi ngizophinde ngilikha-
zimulise."[j]

**29** Isixuku esasimi lapho sa-
lizwa, sathi kwakudume izu-
lu. Abanye bathi: "Ingelosi ikhu-
lume naye." **30** UJesu waphe-
ndula wathi: "Leli zwi lizwa-
kale ngenxa yenu, hhayi
ngenxa yami. **31** Manje leli
zwe liyahlulelwa; umbusi wale-
li zwe[k] uzophonswa ngapha-
ndle.[l] **32** Nokho uma mina ngi-
phakanyiswa emhlabeni,[m] ngi-
zodonsela kimi abantu bazo

**12:13** *Lesi isicelo esiya kuNkulunkulu sokuba asindise uJesu. #Bheka iSithasiselo A5.

**12:25** *Noma, "umphefumulo."

ISAHL. 12
a Joh 11:43, 44
b Joh 7:31; Joh 11:44, 45
c Hu 118:25, 26
d Mat 21:8, 9; Mar 11:8, 9; Joh 1:49
e Mat 21:7; Mar 11:7; Luk 19:35
f 1Kh 1:33, 34; Isay 62:11; Zak 9:9; Mat 21:5
g Joh 7:39
h Luk 24:45; Joh 14:26
i Joh 11:1, 43
j Mat 21:15; Luk 19:37
k Joh 11:48

Uhla 2
a Joh 1:44
b Joh 13:31, 32; Joh 17:1
c Mat 16:21; Rom 14:9; 1Ko 15:36
d IsA 12:11
e Mat 16:25; Mar 8:35; Luk 9:24
f Joh 14:3; Joh 17:24; 1Th 4:17
g Mat 26:38; Mar 14:34
h Luk 12:50; Luk 22:41, 42; Heb 5:7
i Mat 3:17; Mat 17:5; Mar 1:11; Mar 9:7; Luk 3:22; Luk 9:35; 2Pe 1:17
j Joh 17:1
k Joh 14:30; Joh 16:11; IzE 26:17, 18; 2Ko 4:3, 4; Efe 2:1, 2; 1Jo 5:19
l Luk 10:18; IsA 12:9
m Joh 8:28

zonke izinhlobo.” **33** Empele-
ni lokhu wayekusholo ukubo-
nisa ukuthi luhlobo luni lo-
kufa ayezofa ngalo.[a] **34** Nga-
kho isixuku samphendula: “Si-
zwile eMthethweni ukuthi uKri-
stu uhlala kuze kube phakade.[b]
Usho kanjani ukuthi iNdoda-
na yomuntu kumele iphaka-
nyiswe?[c] Ingubani le Ndoda-
na yomuntu?” **35** Ngakho uJe-
su wathi kubo: “Ukukhanya ku-
zoba phakathi kwenu isikhasha-
na. Hambani nisenokukhanya,
ukuze ninganqotshwa ubumnya-
ma; noma ubani ohamba ebum-
nyameni akazi ukuthi uyaphi.[d]
**36** Njengoba nisenokukhanya,
bonisani ukholo ekukhanyeni,
ukuze nibe ngabantwana boku-
khanya.”[e]

UJesu washo lezi zinto
wayesehamba wabacashela.
**37** Nakuba ayenze izibonaka-
liso eziningi kangaka pha-
mbi kwabo, babengakholwa
nguye, **38** ukuze kugcwalise-
ke izwi elashiwo ngu-Isaya um-
profethi, owathi: “Jehova,* uba-
ni obe nokholo entweni ayizwe
ngathi?#[f] Ingalo kaJehova* ya-
mbulelwe bani?”[g] **39** Isizathu
sokuba bangakwazi ukukho-
lwa siwukuthi u-Isaya waphi-
nde wathi: **40** “Uphuphuthe-
kise amehlo abo futhi we-
nza izinhliziyo zabo zaba lu-
khuni, ukuze bangaboni nga-
mehlo abo futhi bangaqondi
ngezinhliziyo zabo baguquke,
bese ebelapha.”[h] **41** U-Isaya
washo lezi zinto ngoba wayibo-
na inkazimulo yakhe, futhi wa-
khuluma ngaye.[i] **42** Noma ku-
njalo, abaningi ngisho naku-
babusi empeleni baba nokho-
lo kuye,[j] kodwa ngenxa ya-
baFarisi babengeke bamvume
ukuze bangaxoshwa esinago-
geni;[a] **43** ngoba babethanda
ukwamukelwa* abantu ngisho
nangaphezu kokwamukelwa#
uNkulunkulu.[b]

**44** Nokho, uJesu wamemeza
wathi: “Noma ubani oba no-
kholo kimi, akabi nokholo
kimi kuphela, kodwa nakulowo
ongithumile;[c] **45** noma uba-
ni ongibonayo uyambona na-
Lowo ongithumile.[d] **46** Ngize
njengokukhanya ezweni,[e] uku-
ze wonke umuntu oba nokholo
kimi angahlali ebumnyameni.[f]
**47** Uma umuntu ezwa ama-
zwi ami kodwa angawagcini,
angimahluleli; ngoba angize-
langa ukwahlulela izwe, kodwa
ukuzosindisa izwe.[g] **48** Noma
ubani onganginaki nongawa-
mukeli amazwi ami unomuntu
omahlulelayo. Izwi engilikhulu-
mile yilo eliyomahlulela ngosu-
ku lokugcina. **49** Ngoba angi-
khulumanga okusuka kimi, ko-
dwa uBaba owangithuma ungi-
nike umyalo ngokuqondene no-
kuthi yini okumele ngiyisho no-
kuthi yini okumele ngiyikhulu-
me.[h] **50** Ngiyazi ukuthi umya-
lo wakhe usho ukuphila oku-
phakade.[i] Ngakho noma yini
engiyishoyo, ngiyisho njengoba
nje uBaba engitshelile.”[j]

**13** Njengoba ayazi ngapha-
mbi komkhosi wePha-
sika ukuthi ihora lakhe
lase lifikile[k] lokuba ahambe ku-
leli zwe aye kuYise,[l] uJe-
su ebathandile abakhe abase-
zweni, wabathanda kwaze kwa-
ba sekupheleni.[m] **2** Isidlo sa-
kusihlwa sasisaqhubeka, uDe-
veli wayesekufakile enhliziywe-
ni kaJuda Iskariyothe,[n] indo-
dana kaSimoni, ukuba amkha-
phele.[o] **3** Ngakho uJesu azi
ukuthi uYise wayenikele zo-
nke izinto ezandleni zakhe

**ISAHL. 12**
*a* IzE 5:30
*b* Hu 89:35, 36; Hu 110:4; Isay 9:7
*c* Joh 3:14
*d* Joh 11:10
*e* Efe 5:8
*f* Rom 10:16
*g* Isay 53:1
*h* Isay 6:10; Mat 13:14; Mar 4:11, 12; IzE 28:27
*i* Isay 6:1, 8
*j* Joh 19:38

**Uhla 2**
*a* Joh 9:22; Joh 16:2
*b* Joh 5:44
*c* Mat 10:40; Mar 9:37
*d* Joh 14:9
*e* Joh 3:19; Joh 8:12; Joh 9:5
*f* Joh 12:35
*g* Joh 3:16, 17
*h* Joh 8:38; Joh 14:10
*i* Joh 6:40
*j* Joh 3:34

**ISAHL. 13**
*k* Mat 26:2; Joh 12:23; Joh 17:1
*l* Joh 16:28; Joh 17:11
*m* Joh 15:9; Efe 5:2; 1Jo 3:16
*n* Luk 22:3, 4; Joh 13:27
*o* Mat 26:14-16; Mat 26:24; Mar 14:10, 11

**12:38** *Bheka iSithasiselo A5. #Noma, “nokholo embikweni wethu.”

**12:43** *NgesiGreki, “ukudunyiswa.” #NgesiGreki, “kokudunyiswa.”

nokuthi wayevela kuNkulunku-
lu futhi wayeya kuNkulunkulu,[a]
**4** wasukuma esidlweni sakusi-
hlwa wabeka eceleni izingubo
zakhe zangaphandle. Wathatha
ithawula, walibhinca okhalwe-
ni.[b] **5** Ngemva kwalokho wa-
faka amanzi endishini yokuge-
za waqala ukugeza izinyawo
zabafundi, wazesula ngethawu-
la ayelibhincile. **6** Wafika ku-
Simoni Petru. Yena wathi kuye:
"Nkosi, wena ungigeza izinya-
wo?" **7** UJesu wamphendula
wathi: "Lokhu engikwenzayo
awukuqondi manje, kodwa uzo-
kuqonda ngemva kwalezi zi-
nto." **8** UPetru wathi kuye:
"Ngokuqinisekile awusoze wa-
ngigeza izinyawo." UJesu wam-
phendula wathi: "Ngaphandle
kokuba ngikugeze,[c] awunasa-
belo nami." **9** USimoni Petru
wathi kuye: "Nkosi, ungangi-
gezi izinyawo kuphela, kodwa
nezandla nekhanda." **10** UJe-
su wathi kuye: "Ogezile akadi-
ngi okungaphezu kokuba age-
zwe izinyawo, kodwa umzi-
mba wakhe wonke uhlanzekile.
Nina nihlanzekile, kodwa hha-
yi nonke." **11** Ngoba wayema-
zi umuntu omkhaphelayo.[d] Yi-
ngakho athi: "Anihlanzekile no-
nke."

**12** Lapho esezigezile izinya-
wo zabo futhi esegqoke izingu-
bo zakhe zangaphandle, waphi-
nde wahlala etafuleni, wayese-
thi kubo: "Niyakuqonda yini lo-
khu engikwenze kini? **13** Ni-
ngibiza ngokuthi 'Mfundisi,' na-
ngokuthi 'Nkosi,' futhi niqini-
sile, ngoba ngiyikho.[e] **14** Nga-
kho-ke, uma mina, iNkosi no-
Mfundisi, nginigeze izinyawo,[f]
nani kufanele* nigezane izi-
nyawo.[g] **15** Ngoba nginibeke-
la isibonelo, sokuthi njengoba

**13:14** *Noma, "nani nibophekile ukuba."

ISAHL. 13
a Joh 16:28
b Flp 2:5-7
c 1Ko 6:11
Efe 5:25, 26
Tit 3:5
Heb 10:22
d Joh 6:64
e Mat 23:8
f Luk 22:27
g Mat 20:26, 27
Luk 9:48
Luk 22:26
Rom 12:10
1Pe 5:5

Uhla 2
a Flp 2:5
1Pe 2:21
1Jo 2:6
b Mat 7:24, 25
Luk 11:28
Jak 1:25
c Joh 17:12
d Hu 41:9
Mat 26:23
e Joh 14:29
Joh 16:4
f Mat 25:40
g Mat 10:40
h Mat 26:21
Mar 14:18
Luk 22:21
Joh 6:70
i Mat 26:22
Luk 22:23
j Joh 19:26
Joh 20:2
k Joh 21:20
l Mat 26:23

nje ngenzile kini, nani nenze
kanjalo.[a] **16** Ngiqinisile impe-
la ngithi kini, inceku ayi-
nkulu kunenkosi yayo, nalowo
othunyiwe akamkhulu kunalo-
wo omthumile. **17** Uma niza-
zi lezi zinto, niyajabula uma ni-
zenza.[b] **18** Angikhulumi nga-
ni nonke; ngiyabazi engiba-
khethile. Kodwa lokhu kwenze-
ke ukuze lo mbhalo ugcwali-
seke:[c] 'Lowo owayedla isi-
nkwa sami ungiphendukele.'*[d]
**19** Kusukela manje kuqhube-
ke, nginitshela ngaphambi ko-
kuba kwenzeke, ukuze kuthi la-
pho kwenzeka, nikholwe uku-
thi nginguye.[e] **20** Ngiqinisile
impela ngithi kini, lowo owa-
mukela noma ubani engimthu-
mayo uyangamukela nami,[f] na-
lowo ongamukelayo, wamukela
naLowo ongithumile."[g]

**21** Ngemva kokusho lezi zi-
nto, uJesu wakhathazeka emo-
yeni, futhi wafakaza wathi:
"Ngiqinisile impela ngithi kini,
omunye kini uzongikhaphela."[h]
**22** Abafundi babhekana bo-
dwa, bedidekile ukuthi ukhulu-
ma ngobani.[i] **23** Omunye wa-
bafundi, lowo uJesu ayemtha-
nda,[j] wayehlezi eduze* kukaJe-
su. **24** Ngakho-ke uSimoni Pe-
tru wakhomba lona ngekhanda
wathi kuye: "Sitshele ukuthi
ukhuluma ngobani." **25** Nga-
kho yena wancika esifubeni si-
kaJesu wathi kuye: "Nkosi,
ngubani?"[k] **26** UJesu waphe-
ndula wathi: "Yilowo engizo-
mnika lolu cezu lwesi-
nkwa engilugcobhozayo."[l] Nga-
kho, ngemva kokugcobhoza
isinkwa, wasithatha wasini-
ka uJuda, indodana kaSimo-
ni Iskariyothe. **27** Ngemva ko-
kuba uJuda eseluthathile

**13:18** *NgesiHebheru, "ungiphakamise-
le isithende sakhe." **13:23** *NgesiGre-
ki, "esifubeni."

ucezu lwesinkwa, uSathane wa-
ngena kuye.[a] Ngakho uJesu wa-
thi kuye: “Lokho okwenzayo,
kwenze masinyane.” **28** No-
kho, akekho noyedwa kulabo
ababehlezi etafuleni owazi uku-
thi kungani esho lokhu kuye.
**29** Eqinisweni, abanye babeca-
banga ukuthi, njengoba uJu-
da ayephatha ibhokisi lema-
li,[b] uJesu wayemtshela ukuthi,
“Thenga izinto esizidingela um-
khosi,” noma ukuthi kwakufa-
nele anike abampofu okuthile.
**30** Ngakho, ngemva kokwa-
mukela ucezu lwesinkwa, wa-
phuma masinyane. Kwakusebu-
suku.[c]

**31** Lapho esephumile, uJesu
wathi: “Manje iNdodana yomu-
ntu iyakhazinyuliswa,[d] noNku-
lunkulu uyakhazinyuliswa nga-
yo. **32** UNkulunkulu uzoyi-
khazimulisa ngokwakhe,[e] fu-
thi uzoyikhazimulisa masinya-
ne. **33** Bantwanyana, ngise-
nani okwesikhashana. Nizongi-
funa; futhi njengoba nje nga-
sho kumaJuda ngithi, ‘Lapho
ngiya khona anikwazi uku-
za,’[f] ngiyakusho nakini manje.
**34** Ngininika umyalo omusha,
wokuba nithandane; njengoba
nje nami nginithandile,[g] uku-
ba nani nithandane.[h] **35** Bo-
nke bayokwazi ngalokhu uku-
thi ningabafundi bami—uma ni-
thandana.”[i]

**36** USimoni Petru wathi
kuye: “Nkosi, uyaphi?” UJe-
su waphendula: “Lapho ngiya
khona awukwazi ukungilandela
okwamanje, kodwa uyolande-
la kamuva.”[j] **37** UPetru wathi
kuye: “Nkosi, kungani nginge-
nakukwazi ukukulandela ma-
nje? Ngizodela ukuphila kwa-
mi ngenxa yakho.”[k] **38** UJesu
waphendula: “Uzodela ukuphi-
la kwakho ngenxa yami? Ngiqi-
nisile impela ngithi kuwe, nga-
phambi kokuba iqhude likhale,
uzongiphika kathathu.”[a]

**14** “Ningazivumeli izinhlizi-
yo zenu zikhathazeke.[b]
Bonisani ukholo kuNkulunku-
lu;[c] nibonise ukholo nakimi.
**2** Endlini kaBaba kukhona izi-
ndawo zokuhlala eziningi. Uku-
be bekungenjalo, bengizoni-
tshela, ngoba ngiyahamba ngi-
yonilungisela indawo.[d] **3** Ka-
nti, uma ngihamba nginilungi-
sela indawo, ngiyobuye ngize
mina uqobo nginamukele ekha-
ya, ukuze lapho ngikhona nani
nibe khona.[e] **4** Nendlela eya
lapho ngiya khona niyayazi.”

**5** UTomase[f] wathi kuye:
“Nkosi, asazi ukuthi uyaphi. Si-
ngayazi kanjani indlela?”

**6** UJesu wathi kuye: “Mina
ngiyindlela[g] neqiniso[h] nokuphi-
la.[i] Akekho oza kuBaba nga-
phandle kokuba eze ngami.[j]
**7** Ukube nina madoda beni-
ngazi mina, benizomazi noBa-
ba; kusukela manje kuqhubeke
seniyamazi futhi nimbonile.”[k]

**8** UFiliphu wathi kuye:
“Nkosi, sibonise uYihlo, kwane-
le lokho kithi.”

**9** UJesu wathi kuye: “Ngi-
sho nangemva kwesikhathi esi-
de kangaka nginani, awuka-
ngazi Filiphu? Ongibonile mina
umbonile noBaba futhi.[l] Usho
kanjani ukuthi, ‘Sibonise uYi-
hlo’? **10** Awukholwa yini uku-
thi ngimunye noBaba noku-
thi uBaba umunye nami?[m] Izi-
nto engizisho kini angizikhulu-
mi ngokusuka kimi,[n] kodwa
uBaba ohlale emunye nami we-
nza imisebenzi yakhe. **11** Ngi-
kholweni ukuthi ngimunye no-
Baba, noBaba umunye nami;
uma kungenjalo, kholwani nge-
nxa yemisebenzi ngokwayo.[o]
**12** Ngiqinisile impela ngithi
kini, noma ubani obonisa ukho-
lo kimi uyokwenza nemisebe-

ISAHL. 13
a Luk 22:3, 4
b Joh 12:4-6
c Mat 26:20
d Joh 12:23
e Joh 17:1
f Joh 7:34; Joh 8:21
g Joh 15:9
h Lev 19:18; Joh 15:12; 1Th 4:9; Jak 2:8; 1Pe 1:22; 1Jo 3:14
i Rom 13:8; 1Ko 13:8, 13; 1Jo 4:20
j Joh 14:3
k Mat 26:33; Mar 14:29; Luk 22:33

Uhla 2
a Mat 26:34; Mar 14:30; Luk 22:34; Joh 18:27

ISAHL. 14
b Joh 14:27
c Mar 11:22; 1Pe 1:21
d Luk 12:32; 1Pe 1:3, 4
e Joh 17:24; Rom 8:17; Flp 1:23; 1Th 4:16, 17
f Joh 11:16
g Joh 10:9; Efe 2:18; Heb 10:19, 20
h Joh 1:17; Efe 4:21
i Joh 1:4; Joh 6:63; Joh 17:3; Rom 6:23
j IzE 4:12
k Mat 11:27; Joh 1:18
l Joh 12:45; Kol 1:15; Heb 1:3
m Joh 10:38; Joh 17:21
n Joh 7:16; Joh 8:28; Joh 12:49
o Joh 5:36

nzi engiyenzayo; futhi uyokwe-
nza imisebenzi emikhulu ku-
nale,[a] ngoba ngiyahamba ngiya
kuBaba.[b] **13** Noma yini eniyi-
cela egameni lami, ngiyoye-
nza, ukuze uBaba akhazinyuli-
swe ngeNdodana.[c] **14** Uma ni-
cela noma yini egameni lami,
ngiyoyenza.

**15** "Uma ningithanda, niyo-
gcina imiyalo yami.[d] **16** Ngi-
zocela uBaba futhi uzoninika
omunye umsizi* ukuze abe nani
kuze kube phakade,[e] **17** umo-
ya weqiniso,[f] izwe elingenaku-
wamukela, ngoba aliwuboni fu-
thi aliwazi.[g] Nina niyawazi, ngo-
ba uhlala nani futhi ukini.
**18** Ngeke nginishiye nodwa.*
Ngiyeza kini.[h] **19** Kusele isi-
khashana izwe lingabe lisangi-
bona, kodwa nina nizongibo-
na,[i] ngoba ngiyaphila nani ni-
yophila. **20** Ngalolo suku ni-
yokwazi ukuthi ngimunye no-
Baba nokuthi nani nimunye
nami, nami ngimunye nani.[j]
**21** Noma ubani onemiyalo
yami futhi oyigcinayo, nguye
ongithandayo. Kanti noma uba-
ni ongithandayo uyothandwa
nguBaba, nami ngiyomthanda
futhi ngiyozibonakalisa ngoku-
cacile kuye."

**22** UJuda,[k] okungeyena u-Is-
kariyothe, wathi kuye: "Nko-
si, kwenzenjani uze uhlose uku-
zibonakalisa ngokucacile kithi
hhayi ezweni?"

**23** UJesu waphendula wathi
kuye: "Uma umuntu engitha-
nda, uyogcina izwi lami,[l] no-
Baba uyomthanda, futhi siyoza
kuye sihlale naye.[m] **24** Noma
ubani ongangithandi akawagci-
ni amazwi ami. Izwi enilizwayo
akulona elami, kodwa elikaBa-
ba ongithumile.[n]

**25** "Ngikhulume lezi zi-
nto kini ngisenani. **26** Kodwa
umsizi, umoya ongcwele, uBaba
azowuthumela egameni lami,
wona uyonifundisa zonke izi-
nto futhi unikhumbuze zo-
nke izinto enginitshele zona.[a]
**27** Nginishiyela ukuthula; ngi-
ninika ukuthula kwami.[b] Angi-
niniki kona ngendlela izwe eli-
kunikeza ngayo. Ningazivu-
meli izinhliziyo zenu zikhatha-
zeke futhi ningazivumeli zi-
khwantabale ngenxa yokwesa-
ba. **28** Nizwile ukuthi ngithe
kini, 'ngiyahamba futhi ngiya-
buya kini.' Uma beningithanda,
beniyojabula ngokuthi ngiyaha-
mba ngiya kuBaba, ngoba uBa-
ba mkhulu kunami.[c] **29** Nga-
kho manje nginitshele nga-
phambi kokuba kwenzeke, uku-
ze lapho kwenzeka nikholwe.[d]
**30** Ngeke ngisakhuluma okuni-
ngi nani, ngoba uyeza umbusi
waleli zwe,[e] futhi akangibamba-
nga ndawo.*[f] **31** Kodwa uku-
ze izwe lazi ukuthi ngiyamtha-
nda uBaba, ngenza njengoba
nje uBaba engiyalile.[g] Sukuma-
ni, masihambe lapha.

**15** "Mina ngiyisihlahla sa-
magilebhisi sangempela,
uBaba ungumlimi. **2** Wonke
amagatsha akimi angatheli izi-
thelo uyawasusa, futhi wonke
athela izithelo uyawathena,*
ukuze athele izithelo eziningi.[h]
**3** Nina senihlanziwe ngenxa
yezwi engilikhulume kini.[i]
**4** Hlalani nimunye nami, nami
ngizohlala ngimunye nani. Nje-
ngoba nje igatsha lingenaku-
kwazi ukuthela izithelo ngo-
kwalo ngaphandle kokuba
libe sesihlahleni samagilebhi-
si, nani aninakukwazi, ngapha-
ndle kokuba nihlale nimunye

ISAHL. 14
a Mat 21:21; IzE 1:8; IzE 2:41
b IzE 2:32, 33
c Joh 15:16; Joh 16:23
d Joh 13:34; Joh 15:10; Jak 1:22
e Luk 24:49; Joh 15:26; Joh 16:7; IzE 1:5; IzE 2:1, 4; Rom 8:26
f Mat 10:19, 20; Joh 16:13; 1Ko 2:12; 1Jo 2:27
g 1Ko 2:14
h Mat 28:20
i IzE 10:40, 41
j Joh 10:38; Joh 17:21
k Luk 6:13, 16; IzE 1:13
l Joh 15:10
m 1Jo 2:24; IsA 3:20
n Joh 5:19; Joh 7:16; Joh 12:49

Uhla 2
a Luk 24:49; Joh 15:26; Joh 16:13; 1Jo 2:27
b Joh 16:33; Efe 2:14; Flp 4:6, 7; Kol 3:15; 2Th 3:16
c Joh 20:17; 1Ko 11:3; 1Ko 15:28; Flp 2:5, 6
d Joh 13:19; Joh 16:4
e Joh 12:31; Joh 16:11
f Joh 16:33
g Joh 10:18; Joh 12:49; Joh 15:10; Flp 2:8

ISAHL. 15
h 2Pe 1:8
i Joh 13:10; Joh 17:17

**14:16** *Noma, "umduduzi." **14:18** *Noma, "niyizintandane."

**14:30** *Noma, "akanamandla phezu kwami." **15:2** *NgesiGreki, "uyawahlanza."

nami.[a] **5** Mina ngiyisihlahla samagilebhisi; nina ningamagatsha. Noma ubani ohlala emunye nami, nami ngimunye naye, lowo uthela izithelo eziningi;[b] ngoba ngaphandle kwami ngeke nenze lutho nhlobo. **6** Uma umuntu engahlali emunye nami, uphonswa ngaphandle njengegatsha futhi ome. Abantu bayawabutha lawo magatsha bawaphonse emlilweni ashe. **7** Uma nihlala nimunye nami namazwi ami ehlala kini, celani noma yini eniyifisayo iyokwenzeka kini.[c] **8** UBaba uyakhazinyuliswa ngalokhu, ukuba niqhubeke nithela izithelo eziningi futhi nizibonakalise ningabafundi bami.[d] **9** Njengoba nje uBaba engithandile,[e] nami nginithandile; hlalani othandweni lwami. **10** Uma nigcina imiyalo yami, niyohlala othandweni lwami, njengoba nje nami ngiye ngagcina imiyalo kaBaba futhi ngihlala othandweni lwakhe.

**11** "Lezi zinto ngizikhulume kini, ukuze nibe nenjabulo enginayo futhi injabulo yenu igcwale.[f] **12** Yilo umyalo wami, ukuba nithandane njengoba nje nami nginithandile.[g] **13** Akekho onothando olukhulu kunalolu, ukuba umuntu anikele ngokuphila kwakhe ngenxa yabangani bakhe.[h] **14** Ningabangani bami uma nenza lokho enginiyala ngakho.[i] **15** Angisanibizi ngokuthi niyizinceku, ngoba inceku ayikwazi lokho inkosi yayo ekwenzayo. Kodwa nginibize ngokuthi ningabangani, ngoba nginitshele zonke izinto engizizwe kuBaba. **16** Akunina eningikhethile, kodwa yimi enganikhetha, nganimisa ukuba niqhubeke nithela izithelo nokuba izithelo zenu zihlale, ukuze noma yini eniyicela kuBaba egameni lami aninike yona.[a]

**17** "Nginiyala ngalezi zinto, ukuze nithandane.[b] **18** Uma izwe linizonda, niyazi ukuthi nami lingizondile ngaphambi kokuba lizonde nina.[c] **19** Uma beniyingxenye yezwe, izwe belizothanda okungokwalo. Manje ngenxa yokuthi aniyona ingxenye yezwe,[d] kodwa nginikhethile kuleli zwe, ngenxa yalokhu izwe liyanizonda.[e] **20** Khumbulani izwi enginitshele lona: Inceku ayinkulu kunenkosi yayo. Uma mina bengishushisile, bayonishushisa nani;[f] uma beligcinile izwi lami, bayoligcina nelenu. **21** Kodwa bayokwenza zonke lezi zinto kini ngenxa yegama lami, ngoba abamazi Lowo ongithumile.[g] **22** Ukube bengingezanga futhi ngakhuluma nabo, bebengeke babe nasono.[h] Kodwa manje abanazo izaba ngesono sabo.[i] **23** Noma ubani ozonda mina uzonda noBaba.[j] **24** Ukube bengingayenzanga phakathi kwabo imisebenzi okungekho omunye umuntu owake wayenza, bebengeke babe nasono;[k] kodwa manje bangibonile futhi bangizonda, mina kanye noBaba. **25** Kodwa lokhu kwenzeke ukuze kugcwaliseke izwi elalotshwa eMthethweni wabo: 'Bangizonda ngaphandle kwesizathu.'[l] **26** Lapho efika umsizi engizonithumelela yena evela kuBaba, umoya weqiniso,[m] ovela kuBaba, yena uyofakaza ngami;[n] **27** nani futhi, kumele nifakaze,[o] ngoba benilokhu ninami kusukela ekuqaleni.

**16** "Ngikhulume lezi zinto kini ukuze ningakhubeki. **2** Abantu bayonixosha esinagogeni.[p] Eqinisweni, ihora liyeza lapho wonke umuntu onibulala-

**ISAHL. 15**

a Joh 6:56; 1Ko 12:27; Efe 4:16
b Joh 15:16
c Mat 7:7; Joh 16:23
d Mat 5:16; Joh 13:35; Flp 1:9, 11
e Joh 3:35
f Joh 16:24; Joh 17:13
g Mar 12:31; Joh 13:34; 1Th 4:9; 1Pe 4:8
h Joh 10:11; Rom 5:7, 8; Efe 5:1, 2; 1Jo 3:16
i Mat 12:50; Joh 14:23

**Uhla 2**

a Joh 14:13
b Joh 13:34; 1Jo 3:23
c Mat 10:22; Joh 17:14
d Jak 4:4
e Luk 6:22; Joh 17:14; 1Pe 4:4
f Mat 5:11; Mat 10:22; Mat 24:9; 2Ti 3:12; 1Pe 2:21
g Joh 16:2, 3
h Joh 9:41
i Mat 11:21
j Joh 5:23; 1Jo 2:23
k Mat 11:23; Joh 7:31; Joh 11:47
l Hu 35:19; Hu 69:4; Luk 23:22
m Luk 24:49; Joh 14:26
n 1Jo 5:6
o Luk 24:48; IzE 1:8; IzE 2:22; IzE 5:32

**ISAHL. 16**

p Joh 9:22

yo[a] eyocabanga ukuthi unikele
inkonzo engcwele kuNkulunku-
lu. **3** Kodwa lezi zinto bayoze-
nza ngoba abangazi mina noma
uBaba.[b] **4** Noma kunjalo, ngi-
nitshele lezi zinto ukuze la-
pho ihora lokuba zenzeke lifika,
nikhumbule ukuthi nganitshela
zona.[c]

"Anginitshelanga lezi zinto
ekuqaleni, ngoba benginani.
**5** Kodwa manje ngiya kuLo-
wo ongithumile;[d] nokho akekho
noyedwa kini ongibuzayo athi,
'Uyaphi?' **6** Kodwa ngoba ngi-
nitshele lezi zinto, izinhliziyo
zenu zigcwele usizi.[e] **7** Noma
kunjalo, nginitshela iqiniso,
ukuhamba kwami kuzozuzisa
nina. Ngoba uma ngingahambi,
umsizi[f] ngeke eze kini; kodwa
uma ngihamba, ngiyomthumela
kini. **8** Lapho yena efika uyoni-
keza izwe ubufakazi obukholisa-
yo ngokuphathelene nesono na-
ngokuphathelene nokulunga na-
ngokuphathelene nokwahlulela:
**9** okokuqala, ngokuphathelene
nesono,[g] ngoba abanalo ukholo
kimi;[h] **10** kube ngokuphathele-
ne nokulunga, ngoba ngiya ku-
Baba futhi ngeke nisangibona;
**11** bese kuba ngokuphathele-
ne nokwahlulela, ngoba umbusi
waleli zwe usahlulelwe.[i]

**12** "Nginezinto eziningi oku-
samelwe nginitshele zona, ko-
dwa anikwazi ukuzithwala
njengamanje. **13** Nokho, lapho
efika lowo,* umoya weqiniso,[j]
uyonihola kulo lonke iqini-
so, ngoba ngeke akhulume oku-
vela kuye, kodwa uyokhulu-
ma lokho akuzwayo, futhi uyo-
memezela kini izinto ezisazofi-
ka.[a] **14** Yena uyongikhazimuli-
sa,[b] ngoba uyokwamukela oku-
vela kimi akumemezele kini.[c]
**15** Zonke izinto uBaba anazo zi-
ngezami.[d] Yingakho ngithe wa-
mukela lokho okuvela kimi aku-
memezele kini. **16** Kuzoba yisi-
khashana ningabe nisangibona,[e]
kuphinde kube yisikhashana ni-
ngibone."

**17** Lapho bezwa lokhu aba-
nye kubafundi bakhe bathi
omunye komunye: "Usho uku-
thini uma ethi kithi, 'Kuzo-
ba yisikhashana nje ninga-
be nisangibona, kuphinde kube
yisikhashana ningibone,' noku-
thi, 'ngoba ngiya kuBaba'?"
**18** Bathi: "Usho ukuthini uma
ethi, 'isikhashana'? Asazi uku-
thi ukhuluma ngani." **19** UJe-
su wayazi ukuthi babefuna
ukumbuza, ngakho wathi kubo:
"Ingabe nibuzana nodwa ngalo-
khu, ngoba ngithe: 'Kuzoba yi-
sikhashana ningabe nisangibo-
na, kuphinde kube yisikha-
shana ningibone'? **20** Ngiqini-
sile impela ngithi kini, nizokha-
la nilile, kodwa izwe lizojabula;
nizoba lusizi, kodwa usizi lwe-
nu luzophendulwa injabulo.[f]
**21** Lapho owesifazane ebele-
tha, uba nezinhlungu* ngoba
ihora lakhe lisuke selifikile, ko-
dwa lapho esembelethile um-
ntwana, akabe esabukhumbu-
la ubuhlungu ngenxa yenjabu-
lo yokuthi kuzelwe umuntu
ezweni. **22** Ngakho, nani ma-
nje nilusizi; kodwa ngizophi-
nde nginibone futhi izinhli-
ziyo zenu zizojabula,[g] ake-
kho oyoniphuca injabulo yenu.
**23** Ngalolo suku ngeke nhlobo
ningibuze imibuzo. Ngiqinisile
impela ngithi kini, uma nicela
noma yini kuBaba,[h] uyoninika
yona egameni lami.[i] **24** Kuze

---

**16:13** * Womabili amagama, elithi "lowo" nelithi "yena" emavesini 13 no-14 asho "umsizi" okukhulunywa ngaye evesini 7. UJesu wasebenzisa igama elithi "umsizi" (elinobulili besilisa ngesiGreki) njengesenzasamuntu somoya ongcwele, amandla angesiye umuntu, angenabo ubulili ngesiGreki.

**16:21** * NgesiGreki, "nosizi."

---

ISAHL. 16

a Mat 24:9; IzE 8:1; IzE 12:1, 2; IzE 26:11
b Joh 8:19; Joh 15:20, 21; Rom 10:2; 1Ko 2:8
c Joh 13:19; Joh 14:29
d Joh 7:33; Joh 13:3
e Joh 16:22
f Joh 14:16, 26; Joh 15:26; IzE 2:32, 33
g Joh 15:22
h Joh 5:37, 38
i Joh 12:31; Joh 14:30
j Joh 16:7

Uhla 2

a IzE 11:28; IzE 21:10, 11; 1Ti 4:1
b 1Jo 4:2
c Joh 15:26; 1Jo 2:27
d Joh 17:10
e Joh 7:33; Joh 14:19
f Mat 28:8; Luk 24:39-41; Joh 20:19, 20
g Luk 24:51, 52
h Flp 4:6
i Joh 14:13; Joh 15:16; 1Jo 5:14

kube manje anikaceli ngisho
nento eyodwa egameni lami.
Celani nizothola, ukuze injabu-
lo yenu iphelele.
**25** "Ngikhulume lezi zinto
kini ngemifanekiso. Liyeza iho-
ra engingeke ngisakhuluma nga-
lo nani ngemifanekiso, kodwa
ngiyonitshela ngokucacile ngo-
Baba. **26** Ngalolo suku niyoce-
la kuBaba egameni lami; ngo-
kusho lokhu, angiqondile uku-
thi ngiyonicelela. **27** Ngoba
uBaba ngokwakhe uyanitha-
nda, ngoba niye nangithanda[a]
futhi nakholwa ukuthi nge-
za njengommeleli kaNkulunku-
lu.[b] **28** Ngeza njengommeleli
kaBaba futhi ngize ezweni. Ma-
nje ngiyalishiya izwe ngiya ku-
Baba."[c]
**29** Abafundi bakhe bathi:
"Bheka! Manje ukhuluma ngo-
kucacile, awusasebenzisi imifa-
nekiso. **30** Manje siyazi uku-
thi wazi zonke izinto, awudingi
muntu ukuba akubuze umbuzo
ngoba uyakwazi akucabanga-
yo. Ngalokhu siyakholwa uku-
thi wavela kuNkulunkulu."
**31** UJesu wabaphendula wa-
thi: "Ingabe manje seniyakho-
lwa? **32** Bhekani! Ihora liyeza,
impela selifikile, lapho nizohla-
kazwa khona, ngamunye aye
endlini yakhe, ningishiye nge-
dwa.[d] Kodwa angingedwa, ngo-
ba uBaba unami.[e] **33** Ngisho
lezi zinto kini ukuze nibe noku-
thula ngenxa yami.[f] Ezweni ni-
zobhekana nosizi, kodwa yiba-
ni nesibindi! Mina ngilinqobile
izwe."[g]

**17** UJesu wakhuluma lezi zi-
nto, ngemva kwalokho
waphakamisela amehlo akhe
ezulwini, wathi: "Baba, iho-
ra selifikile. Khazimulisa indo-
dana yakho ukuze indodana
yakho ikukhazimulise,[h] **2** nje-
ngoba uyinike igunya phezu
kwayo yonke inyama,*[a] ukuze
ibanike ukuphila okuphakade[b]
bonke oyinike bona.[c] **3** Lokhu
kusho ukuphila okuphakade,[d]
ukuba bakwazi,* wena owuku-
phela kukaNkulunkulu weqini-
so,[e] nalowo omthumile, uJesu
Kristu.[f] **4** Ngikukhazimulisile
emhlabeni,[g] njengoba ngiwuqe-
dile umsebenzi onginike wona
ukuba ngiwenze.[h] **5** Ngakho
manje Baba ngikhazimulise,
mangibe seceleni kwakho, ngi-
be nenkazimulo enganginayo
eceleni kwakho ngaphambi ko-
kuba izwe libe khona.[i]
**6** "Ngibazisile* igama lakho
abantu onginike bona ezwe-
ni.[j] Babengabakho, wangini-
ka bona, futhi baligcinile# izwi
lakho. **7** Manje sebeyazi uku-
thi zonke izinto onginike zona
zivela kuwe; **8** ngoba ama-
zwi owanginika wona ngiba-
nike wona,[k] bawamukele, futhi
sebeyazi ngokuqinisekile uku-
thi ngeza njengommeleli wa-
kho[l] futhi baye bakholwa uku-
thi ungithumile.[m] **9** Ngicelela
bona; angiceleli izwe, kodwa
ngicelela labo onginike bona,
ngoba bangabakho; **10** zonke
izinto zami zingezakho neza-
kho zingezami,[n] futhi ngikhazi-
nyulisiwe phakathi kwabo.
**11** "Angisekho ezweni, ko-
dwa bona basezweni[o] kanti
mina ngiza kuwe. Baba ongcwe-
le, babheke[p] ngenxa yegama la-
kho engibambulele lona, ukuze
babe munye* njengoba nje nathi
simunye.#[q] **12** Lapho ngisena-
bo ngangibaqapha[r] ngenxa ye-
gama lakho engibambulele lona;
futhi ngibavikelile, akekho no-
yedwa kubo obhubhile[s] ngapha-

**17:2** *Noma, "isintu; abantu." **17:3** *Noma, "ukuba bafunde ngawe." **17:6** *Noma, "Ngilibonakalisile." #Noma, "balilalelile." **17:11** *Noma, "nobunye." #Noma, "sinobunye."

**ISAHL. 16**
a Joh 14:21
b Joh 17:7, 8
c Joh 13:3; Heb 9:24
d Zak 13:7; Mat 26:31; Mar 14:27
e Joh 8:29
f Joh 14:27; Efe 2:14
g Joh 14:30; IzE 14:22; 1Jo 4:4; 1Jo 5:4; IsA 3:21

**ISAHL. 17**
h Joh 12:23; Joh 13:31, 32

**Uhla 2**
a Flp 2:9, 10
b Joh 4:14; Joh 6:27
c Joh 6:37
d Luk 10:25-28
e 1Jo 5:20
f Efe 4:11, 13; 2Pe 3:18
g Joh 13:31
h Joh 4:34
i Joh 1:1; Joh 8:58; Kol 1:15
j Hu 22:22; IzE 15:14; Heb 2:12
k Joh 6:68; Joh 8:28; Joh 12:49; Joh 14:10
l Joh 16:27
m Joh 16:30
n Joh 16:15
o Joh 13:1
p 1Pe 1:5; Jud 24
q Joh 10:30; Joh 17:21
r Joh 6:39; Joh 10:28
s Joh 18:9

ndle kwendodana yokubhubha,[a]
ukuze kugcwaliseke umbhalo.[b]
**13** Kodwa manje ngiza kuwe,
futhi ngikhuluma lezi zinto
ezweni, ukuze bayizwe ngo-
kugcwele injabulo enginayo.[c]
**14** Ngibanike izwi lakho, kodwa
izwe libazondile ngoba benge-
yona ingxenye yezwe,[d] njengo-
ba nje nami ngingeyona ingxe-
nye yezwe.

**15** "Angikuceli ukuba uba-
khiphe ezweni, kodwa uku-
ba ubabheke ngenxa yomubi.[e]
**16** Abayona ingxenye yezwe,[f]
njengoba nje nami nginge-
yona ingxenye yezwe.[g] **17** Ba-
ngcwelise* ngeqiniso;[h] izwi la-
kho liyiqiniso.[i] **18** Njengoba
nje wangithuma ezweni, nami
ngibathuma ezweni.[j] **19** Ngi-
yazingcwelisa ngenxa yabo,
ukuze nabo bangcweliswe nge-
qiniso.

**20** "Angiceleli laba kuphe-
la, kodwa nalabo ababa no-
kholo kimi ngenxa yokushu-
mayela kwabo, **21** ukuze bo-
nke babe munye,[k] njengoba nje
wena, Baba, umunye nami fu-
thi nami ngimunye nawe,[l] uku-
ba nabo babe munye nathi,
ukuze izwe likholwe ukuthi
ungithumile. **22** Ngibanikile
inkazimulo onginike yona, uku-
ze babe munye njengoba nje
nathi simunye.[m] **23** Mina ngi-
munye nabo, nawe umunye
nami, ukuze babe munye ngo-
kuphelele,* ukuze izwe lazi
ukuthi ungithumile nokuthi
ubathandile njengoba nje nami
ungithandile. **24** Baba, ngifi-
sa ukuthi labo onginike bona,
babe nami lapho ngikhona,[n]
ukuze babone inkazimulo yami
onginike yona ngoba wangitha-
nda ngaphambi kokusungulwa

**17:17** *Noma, "Benze bahluke; Benze babe ngcwele." **17:23** *Noma, "ukuze baphelelisWe ekubeni munye."

kwezwe.[a] **25** Baba olungile,
ngempela izwe alizange likwa-
zi,[b] kodwa mina ngiyakwazi,[c]
nalaba sebeyazi ukuthi ungi-
thumile. **26** Ngibazisile igama
lakho futhi ngizolenza laziwe,[d]
ukuze uthando ongithande nga-
lo lube kubo nami ngibe munye
nabo."[e]

**18** Ngemva kokusho lezi zi-
nto, uJesu waphuma na-
bafundi bakhe bawelela nga-
phesheya kweSigodi* SaseKi-
droni[f] baya lapho kwakukhona
khona insimu, bangena kuyo,
yena nabafundi bakhe.[g] **2** Ma-
nje, uJuda, umkhapheli wakhe,
naye wayeyazi le ndawo, ngo-
ba uJesu nabafundi bakhe ba-
bevame ukuhlangana khona.
**3** Ngakho uJuda weza neviyo
lamasosha nezikhonzi zabapri-
sti abakhulu nezabaFarisi, beza
lapho bephethe izibani nezi-
khali.[h] **4** Ngakho uJesu ezazi
zonke izinto ezazizokwenzeka
kuye, waya phambili wathi
kubo: "Nifuna bani?" **5** Bam-
phendula bathi: "UJesu umNa-
zaretha."[i] Wathi kubo: "Ngingu-
ye." UJuda, umkhapheli wakhe,
naye wayemi nabo.[j]

**6** Nokho, lapho uJesu ethi
kubo, "Nginguye," bahlehla nyo-
vane bawela phansi.[k] **7** Nga-
kho waphinde wababuza: "Nifu-
na bani?" Bathi: "UJesu umNa-
zaretha." **8** UJesu waphendu-
la: "Nginitshelile ukuthi ngingu-
ye. Ngakho uma nifuna mina,
ayekeni la madoda ahambe."
**9** Lokhu kwenzeka ukuze ku-
gcwaliseke lokho ayekushilo:
"Kulabo onginike bona, akekho
noyedwa ongilahlekele."[l]

**10** Khona-ke uSimoni Pe-
tru, owayephethe inkemba, wa-
yihosha wagalela inceku
yompristi ophakeme wayisusa

**18:1** *Noma, "kwesifufula sasebusika."

**ISAHL. 17**
a Mar 14:21
b Hu 41:9; Hu 109:8; IzE 1:20
c Joh 15:11
d Joh 15:19; Jak 4:4
e Mat 6:13; 2Th 3:3; 1Jo 5:18
f Kol 1:13
g Joh 18:36
h Efe 5:25, 26; 1Th 5:23; 2Th 2:13; 1Pe 1:22
i Hu 12:6; Hu 119: 151, 160
j Joh 20:21
k Rom 12:5; 1Ko 1:10; Gal 3:28
l Joh 10:38; Joh 14:10
m Joh 14:20; Joh 17:11; 1Jo 3:24
n Luk 22:28-30; 1Th 4:17

**Uhla 2**
a Joh 17:5
b Joh 8:55; Joh 15:21
c Mat 11:27
d Mat 6:9; Joh 17:6
e Joh 15:9

**ISAHL. 18**
f 2Sa 15:23
g Mat 26:36; Mar 14:32; Luk 22:39
h Mat 26:47; Mar 14:43
i Mat 2:23
j Luk 22:47
k Joh 7:46
l Joh 6:39; Joh 17:12

indlebe yesokudla.[a] Igama lale nceku kwakunguMalkusi. **11** Nokho uJesu wathi kuPetru: “Faka inkemba emgodleni wayo.[b] Akufanele yini ngiyiphuze indebe uBaba anginike yona?”[c]

**12** Khona-ke amasosha nomkhuzi wamabutho nezikhonzi zamaJuda bambamba uJesu bambopha. **13** Bamyisa kuAnase kuqala ngoba wayengumukhwe kaKayafase,[d] owayengumpristi ophakeme ngalowo nyaka.[e] **14** Eqinisweni, uKayafase nguye owayecebise amaJuda ukuthi kwakuyowazuzisa ukuba kufe umuntu oyedwa ngenxa yabantu.[f]

**15** USimoni Petru nomunye umfundi babelandela uJesu.[g] Lowo mfundi wayaziwa umpristi ophakeme, futhi wangena noJesu egcekeni lompristi ophakeme, **16** kodwa uPetru wayemi ngaphandle emnyango.* Ngakho, lona omunye umfundi owayaziwa umpristi ophakeme, waphuma wakhuluma nomlindi mnyango futhi wangenisa uPetru. **17** Incekukazi eyayingumlindi mnyango yabe isithi kuPetru: “Awuyena yini omunye wabafundi balo muntu?” Wathi: “Angiyena.”[h] **18** Manje izigqila nezikhonzi zazizungeze umlilo wamalahle ezaziwubasile zotha ngoba kwakumakhaza. UPetru naye wayemi kanye nazo otha.

**19** Umpristi omkhulu wabuza uJesu ngabafundi bakhe nangemfundiso yakhe. **20** UJesu wamphendula: “Ngikhulume nezwe obala. Ngaso sonke isikhathi bengifundisa esinagogeni nasethempelini,[i] lapho wonke amaJuda ebuthanela khona, futhi angikhulumanga lutho ekusithekeni. **21** Kungani ubuza mina? Buza labo abakuzwile lokho engibatshele khona. Bheka! Laba bayakwazi engikushilo.” **22** Ngemva kokusho lezi zinto, esinye sezikhonzi ezazimi lapho sashaya uJesu ngempama[a] sathi: “Ingabe yileyo ndlela ophendula ngayo umpristi omkhulu?” **23** UJesu wasiphendula: “Uma ngikhulume kabi, fakaza ngalobo bubi; kodwa uma ngikhulume kahle, ungishayelani?” **24** Khona-ke u-Anase wamyisa kuKayafase umpristi ophakeme eboshiwe.[b]

**25** USimoni Petru wayemile otha. Base bethi kuye: “Ungomunye nawe wabafundi bakhe, akunjalo?” Waphika wathi: “Angiyena.”[c] **26** Enye yezinceku zompristi ophakeme, eyisihlobo somuntu uPetru ayemsuse indlebe,[d] yathi: “Ngikubonile ensimini ukanye naye, akunjalo?” **27** Nokho, uPetru waphinde waphika, masinyane iqhude lakhala.[e]

**28** Khona-ke bamhola uJesu besuka kuKayafase bemyisa lapho kuhlala khona umbusi.[f] Manje kwase kusekuseni. Kodwa bona ngokwabo abangenanga lapho kuhlala khona umbusi ukuze bangangcoli,[g] kodwa bakwazi ukudla iPhasika. **29** Ngakho uPilatu waphumela kubo ngaphandle wathi: “Yiliphi icala enililethayo ngalo muntu?” **30** Bamphendula bathi: “Uma lo muntu ubengazenzi izinto ezimbi,* ngabe asimnikelanga kuwe.” **31** Ngakho uPilatu wathi kubo: “Mthatheni nina nimahlulele ngokomthetho wenu.”[h] AmaJuda

---

**18:16** *Noma, “wayemi esangweni.”

**18:30** *Noma, “ubengesona isigebengu.”

---

**ISAHL. 18**

a Mat 26:51 Mar 14:47 Luk 22:50
b Mat 26:52 Luk 22:51 Joh 18:36
c Mat 20:22 Mat 26:42
d Luk 3:2 IzE 4:5, 6
e Mat 26:57 Joh 18:24
f Joh 11:49, 50
g Mat 26:58 Mar 14:54 Luk 22:54
h Mat 26:69, 70 Mar 14:66-68 Luk 22:55-57 Joh 18:25
i Mat 26:55 Luk 4:15 Luk 19:47 Joh 7:14

**Uhla 2**

a Isay 50:6
b Mat 26:57
c Mat 26:69, 70 Mar 14:69, 70 Luk 22:58
d Joh 18:10
e Mat 26:74 Mar 14:72 Luk 22:60 Joh 13:38
f Mat 27:2 Mar 15:1 Luk 23:1
g IzE 10:28
h Joh 19:6

athi kuye: “Akukho emthethwe-
ni ukuba sibulale umuntu.”[a]
**32** Lokhu kwenzeka ukuze ku-
gcwaliseke izwi likaJesu ayeli-
shilo ukuze abonise ukuthi
luhlobo luni lokufa ayezofa
ngalo.[b]

**33** Ngakho uPilatu waphinde
wangena lapho kuhlala kho-
na umbusi wabiza uJesu wathi
kuye: “Ingabe uyiyo iNkosi ya-
maJuda?”[c] **34** UJesu waphe-
ndula wathi: “Lokhu ukusho
ngokusuka kuwe, noma utshe-
lwe abanye ngami?” **35** UPila-
tu waphendula: “Angiyena um-
Juda, akunjalo? Isizwe sakini
nabapristi abakhulu bakunikele
kimi. Wenzeni?” **36** UJesu wa-
phendula:[d] “UMbuso wami awu-
yona ingxenye yaleli zwe.[e] Uku-
be uMbuso wami ubuyingxenye
yaleli zwe, izikhonzi zami nga-
be zilwile ukuze nginganike-
lwa kumaJuda.[f] Kodwa njengo-
ba kunjalo, uMbuso wami awu-
veli kulo mthombo.” **37** Nga-
kho uPilatu wathi kuye: “Kho-
na-ke, ingabe uyinkosi?” UJesu
waphendula: “Wena ngokwakho
uyasho ukuthi ngiyinkosi.[g] Ngi-
zalelwe lokhu, futhi ngizele lo-
khu ezweni, ukuba ngifakazele
iqiniso.[h] Wonke umuntu ongaso-
hlangothini lweqiniso uyalilale-
la izwi lami.” **38** UPilatu wathi
kuye: “Liyini iqiniso?”

Ngemva kokusho lokhu, wa-
phuma waya kumaJuda wathi
kuwo: “Angitholi phutha kuye.[i]
**39** Ngaphezu kwalokho, ni-
nenqubo yokuthi nginikhulu-
lele umuntu ngePhasika.[j] Ma-
nje niyafuna yini ukuba ngi-
nikhululele iNkosi yamaJuda?”
**40** Aphinde amemeza athi:
“Hhayi lo muntu, kodwa uBha-
raba!” UBharaba wayengum-
phangi.*[k]

# 19

Ngemva kwalokho, uPila-
tu wathatha uJesu wam-
bhaxabula.[a] **2** Amasosha alu-
ka umqhele wameva awubeka
ekhanda lakhe ayesemgqokisa
ingubo ephephuli,[b] **3** ayelo-
khu esondela kuye ethi: “Sawu-
bona* Nkosi yamaJuda!” Ayelo-
khu emshaya nangezimpama.[c]
**4** UPilatu waphinde waphu-
mela ngaphandle wathi kuma-
Juda: “Bhekani! Ngimkhiphe-
la ngaphandle kini ukuze nazi
ukuthi angitholi phutha kuye.”[d]
**5** Ngakho uJesu waphumela
ngaphandle, efake umqhele wa-
meva nengubo ephephuli. UPi-
latu wathi kuwo: “Bhekani le
ndoda!” **6** Nokho, lapho aba-
pristi abakhulu nezikhonzi be-
mbona, bamemeza bathi: “Mbe-
thele esigxotsheni! Mbethele
esigxotsheni!”*[e] UPilatu wa-
thi kubo: “Mthatheni nina ni-
mbethele,# ngoba mina angi-
tholi phutha kuye.”[f] **7** AmaJu-
da amphendula: “Sinomthetho
thina, futhi ngokwalo mthetho
kufanele afe,[g] ngoba uzenze
indodana kaNkulunkulu.”[h]

**8** Lapho uPilatu ezwa lokhu
ababekusho wesaba ngisho na-
kakhulu, **9** waphinde wange-
na lapho kuhlala khona umbu-
si wathi kuJesu: “Ungowaphi
wena?” Kodwa uJesu akam-
phendulanga.[i] **10** Ngakho uPi-
latu wathi kuye: “Awufuni uku-
khuluma nami? Awazi ukuthi
nginegunya lokukukhulula fu-
thi nginegunya lokukubethe-
la?”* **11** UJesu wamphendu-
la: “Ubungeke neze ube negu-
nya phezu kwami ngaphandle
kokuba ulinikezwe phezulu.

**ISAHL. 18**
*a* Joh 19:10
*b* Mat 20:18, 19; Joh 3:14; Joh 12:32
*c* Mat 27:11; Joh 12:13
*d* 1Ti 6:13
*e* Isay 9:6; Dan 2:44; Dan 7:14
*f* Mat 26:52, 53; Joh 18:11
*g* Mat 27:11
*h* Joh 1:14, 17; Joh 14:6
*i* Mat 27:24; Luk 23:4; Joh 15:25
*j* Mat 27:15; Mar 15:6
*k* Num 35:31; Luk 23:18, 19; IzE 3:14

**Uhla 2**

**ISAHL. 19**
*a* Isay 50:6; Mat 20:18, 19; Mat 27:26; Mar 15:15
*b* Mat 27:27-29; Mar 15:16, 17; Luk 23:11
*c* Isay 53:3
*d* Luk 23:4; Joh 18:38
*e* Mat 27:22; Mar 15:13; Luk 23:21
*f* Joh 18:31
*g* Lev 24:16
*h* Mat 26:63-65; Joh 5:18
*i* Isay 53:7; Mat 27:12, 14

**18:40** *Noma, “wayeyisigebengu.”

**19:3** *Noma, “Bayede.” **19:6** *Noma, “Mbulalele esigxotsheni! Mbulalele esigxotsheni!” #Noma, “nimbulale esigxotsheni.” **19:10** *Noma, “lokukubulala esigxotsheni.”

Yingakho umuntu onginikele
kuwe enesono esikhulu kakhu-
lu.”

**12** Ngenxa yalesi sizathu uPi-
latu wayelokhu efuna indlela
yokumkhulula, kodwa amaJuda
amemeza, athi: “Uma umkhulu-
la lo muntu, awuyena umngani
kaKhesari. Wonke umuntu oze-
nza inkosi ukhuluma ngokume-
lene* noKhesari.”[a] **13** Ngakho,
ngemva kokuzwa la mazwi,
uPilatu wamkhiphela ngapha-
ndle uJesu, wahlala phansi esi-
hlalweni sokwahlulela endawe-
ni ebizwa ngokuthi uMganda-
yo Wamatshe, kodwa ngesiHe-
bheru ebizwa ngokuthi i-*Ga-
bhatha*. **14** Manje kwakuwusu-
ku lokuLungiselela[b] iPhasi-
ka; cishe kwakuyihora lesithu-
pha.* Wathi kumaJuda: “Bheka-
ni! Inkosi yenu!” **15** Nokho,
wona amemeza athi: “Msuse!
Msuse! Mbethele esigxotshe-
ni!”* UPilatu wathi kuwo: “Ngi-
bethele inkosi yenu?” Abapri-
sti abakhulu baphendula: “Asi-
nankosi ngaphandle kukaKhe-
sari.” **16** Ngakho, wamnikela
kuwo ukuba abulawe* esigxo-
tsheni.[c]

Abe esemthatha uJesu.
**17** Ezithwalele yena isigxo-
bo sokuhlushwa,* waphuma
waya endaweni okuthiwa iNda-
wo Yogebhezi,[d] ebizwa ngo-
kuthi i-*Golgotha* ngesiHebheru.[e]
**18** Ambethela lapho esigxo-
tsheni[f] namanye amadoda ama-
bili, enye ngakulolu hlangothi
nenye ngakuloluya, uJesu waba
phakathi.[g] **19** UPilatu wabha-
la nombhalo wawubeka esigxo-
tsheni sokuhlushwa.* Wawuthi:
“UJesu UmNazaretha INkosi Ya-
maJuda.”[a] **20** Abaningi kuma-
Juda bawufunda lo mbhalo,
ngoba indawo uJesu ayebethe-
lwe kuyo esigxotsheni yayise-
duze kwedolobha, wawubha-
lwe ngesiHebheru, ngesiLatini
nangesiGreki. **21** Nokho, aba-
pristi abakhulu bamaJuda ba-
thi kuPilatu: “Ungabhali ukuthi
‘INkosi YamaJuda,’ kodwa uku-
thi yena wathi, ‘NgiyiNkosi Ya-
maJuda.’” **22** UPilatu waphe-
ndula: “Engikubhalile ngikubha-
lile.”

**23** Manje lapho amasosha
esembethele uJesu esigxotshe-
ni, athatha izingubo zakhe za-
ngaphandle azihlukanisa zaba
izingxenye ezine, isosha ngali-
nye lathatha ingxenye eyodwa,
athatha nengubo yangapha-
nsi. Kodwa le ngubo yangapha-
nsi yayingenawo umthungo,
njengoba yayilukiwe kusukela
phezulu kuya phansi. **24** Nga-
kho athi elinye kwelinye: “Masi-
ngayidabuli, kodwa masithole-
ni ngenkatho ukuthi izoba
ngekabani.”[b] Lokhu kwenzeka
ukuze kugcwaliseke lo mbha-
lo: “Bahlukaniselana ngezingu-
bo zami, benza inkatho ngezi-
ngubo zami.”[c] Ngakho amaso-
sha azenza ngempela lezi zi-
nto.

**25** Ngasesigxotsheni soku-
hlushwa* sikaJesu, kwakumi
unina[d] nodadewabo kanina;
uMariya umkaKleyophase no-
Mariya Magdalena.[e] **26** Lapho
uJesu ebona unina nomfundi
ayemthanda[f] bemi lapho, wathi
kunina: “Sifazane, bheka! Indo-
dana yakho!” **27** Ngokulande-
layo wathi kulo mfundi: “Bheka!
Umama wakho!” Kusukela kule-
lo hora kuqhubeke, lo mfundi
wamthatha wamyisa emzini wa-
khe.

**28** Ngemva kwalokhu, lapho
uJesu esazi ukuthi ngalesi si-

**ISAHL. 19**
*a* Luk 23:2; IzE 17:6, 7
*b* Joh 19:31
*c* Dan 9:26; Mat 27:26, 31; Mar 15:15; Luk 23:24, 25
*d* Heb 13:12
*e* Mat 27:32, 33; Mar 15:22
*f* Joh 3:14; IzE 5:30; Gal 3:13
*g* Isay 53:9; Luk 23:33

**Uhla 2**
*a* Mat 27:37; Mar 15:26; Luk 23:38
*b* Mat 27:35; Mar 15:24; Luk 23:34
*c* Hu 22:18
*d* Luk 2:34, 35
*e* Mat 27:55, 56; Mat 27:61; Mar 15:40; Luk 23:49
*f* Joh 13:23; Joh 21:7, 20

**19:12** *Noma, “uphikisana.” **19:14** *Okuwukuthi, cishe ngo-12:00 emini. **19:15** *Noma, “Mbulalele esigxotsheni.” **19:16** *Noma, “abethelwe.” **19:17, 19, 25** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

khathi zonke izinto sezifezi-
we, ukuze umbhalo ugcwalise-
ke wathi: “Ngomile.”[a] **29** Kwa-
kunojeke lapho ogcwele iwa-
yini elimuncu. Ngakho bahlo-
ma isipontshi esigcwele iwayi-
ni elimuncu esihlokweni sendu-
ku yehisopi,* basiphakamisela
emlonyeni wakhe.[b] **30** Lapho
eselamukele iwayini elimuncu,
uJesu wathi: “Kufeziwe!”[c] futhi
ekhothamisa ikhanda, wawuni-
kela umoya wakhe.*[d]

**31** Njengoba kwakuwusuku
lokuLungiselela,[e] amaJuda ace-
la kuPilatu ukuba kuphulwe
imilenze yabo futhi izidumbu
zisuswe, ukuze izidumbu zi-
ngahlali ezigxotsheni zokuhlu-
shwa[f] ngeSabatha, (ngoba lolo
suku lweSabatha lwalulukhu-
lu).[g] **32** Ngakho, amasosha
eza, aphula imilenze yendoda
yokuqala, neyalena enye indo-
da eyayisesigxotsheni eceleni
kwakhe. **33** Kodwa lapho efi-
ka kuJesu, awazange ayiphule
eyakhe imilenze, ngoba abona
ukuthi wayesefile. **34** Kodwa
elinye lamasosha lamgwaza
ohlangothini ngomkhonto,[h] ma-
sinyane kwaphuma igazi nama-
nzi. **35** Lowo okubonile lokhu
ufakazile, ubufakazi bakhe bu-
yiqiniso, futhi uyazi ukuthi lo-
kho akushoyo kuyiqiniso, uku-
ze nani nikholwe.[i] **36** Eqini-
sweni, lezi zinto zenzeka ukuze
kugcwaliseke lo mbhalo: “Aku-
kho thambo lakhe eliyophu-
lwa.”*[j] **37** Omunye umbhalo
ubuye uthi: “Bayombheka lowo
abamgwaza.”[k]

**38** Ngemva kwalezi zinto,
uJosefa wase-Arimatheya, owa-
yengumfundi kaJesu kodwa
ekufihla ngoba esaba amaJu-
da,[l] wacela kuPilatu ukuba
asuse isidumbu sikaJesu,
uPilatu wavuma. Ngakho wafi-
ka wasisusa isidumbu sakhe.[a]
**39** UNikhodemu,[b] umuntu owa-
yefike kuye ebusuku okokuqa-
la, naye weza elethe ingxu-
be* yemure nenhlaba, isisi-
ndo sayo singamaphawundi#
acishe abe yikhulu.[c] **40** Nga-
kho basithatha isidumbu sika-
Jesu basibopha ngezindwangu
zelineni ezineziqholo,[d] ngokwe-
siko lamaJuda lokungcwaba.
**41** Kwenzeka ukuthi endaweni
ayebethelwe kuyo* kwakukho-
na ingadi, kuleyo ngadi kwa-
kukhona ithuna elisha,[e] okwa-
kungakaze kungcwatshwe mu-
ntu kulo. **42** Ngenxa yokuthi
kwakuwusuku lokuLungisele-
la[f] lwamaJuda, futhi leli thu-
na laliseduze, bambeka lapho
uJesu.

**20** Ngosuku lokuqala lwe-
sonto uMariya Magdale-
na wafika ethuneni ekuse-
ni,[g] kusemnyama, wabona uku-
thi itshe lase lisusiwe ethu-
neni.[h] **2** Ngakho weza egijima
kuSimoni Petru nakulona omu-
nye umfundi uJesu ayemtha-
nda,[i] wathi kubo: “Bayisusile
iNkosi ethuneni,[j] asazi ukuthi
bayibekephi.”

**3** Khona-ke uPetru nalona
omunye umfundi baphuma baya
ethuneni. **4** Bobabili bagijima
kanyekanye, kodwa lona omu-
nye umfundi wagijima wamshiya
uPetru, wafika kuqala ethune-
ni. **5** Lapho elunguza, wabona
izindwangu zelineni zilapho pha-
nsi,[k] kodwa akazange angene.
**6** USimoni Petru naye weza
emlandela, wangena ethuneni.
Wabona izindwangu zelineni

**19:29** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **19:30** *Noma, “wafa.” **19:36** *Noma, “eliyochotshozwa.”

**19:39** *Noma kungaba, “umqulu.” #Okuwukuthi, amaphawundi aseRoma. Bheka iSithasiselo B14. **19:41** *Noma, “ayebulawelwe kuyo esigxotsheni.”

ISAHL. 19
a Hu 22:15
b Hu 69:21, Mat 27:48, Mar 15:36, Luk 23:36
c Joh 17:4
d Isay 53:12, Mat 27:50, Mar 15:37, Luk 23:46
e Joh 19:14
f Dut 21:22, 23
g Lev 23:5-7
h Isay 53:5, Zak 12:10, Joh 20:25
i Joh 20:31, Joh 21:24
j Eks 12:46, Num 9:12, Hu 34:20
k Zak 12:10, IsA 1:7
l Joh 7:13, Joh 9:22

Uhla 2
a Dut 21:22, 23, Mat 27:57-60, Mar 15:43-46
b Joh 3:1, 2, Joh 7:50-52
c Luk 23:55, 56
d Joh 20:7
e Isay 53:9
f Joh 19:14

ISAHL. 20
g Mat 28:1, Mar 16:1, 2
h Luk 24:1-3
i Joh 13:23, Joh 19:26, Joh 21:24
j Joh 19:41, 42
k Joh 19:40

zilapho phansi. **7** Indwangu
eyayisekhanda lakhe yayinge-
kho kanye nezinye izindwangu
kodwa yayigoqwe yodwa ecele-
ni. **8** Nalona omunye umfundi
owayefike kuqala ethuneni naye
wangena, wabona futhi wakho-
lwa. **9** Ngoba babengakawuqo-
ndi umbhalo othi kumele avuke
kwabafile.[a] **10** Ngakho laba ba-
fundi babuyela emakhaya.
**11** Nokho, uMariya waqhu-
beka emi ngaphandle edu-
ze kwethuna, ekhala. Lapho
esakhala, walunguza ethuneni,
**12** wabona izingelosi ezimbili[b]
zigqoke okumhlophe zihlezi la-
pho kwakukade kulele khona
isidumbu sikaJesu, enye nga-
sekhanda nenye ngasezinyawe-
ni. **13** Zathi kuye: “Sifazane,
ukhalelani?” Wathi kuzo: “Ba-
yithathile iNkosi yami, angazi
ukuthi bayibekephi.” **14** Nge-
mva kokusho lokhu, waphe-
nduka futhi wabona uJesu
emile, kodwa wayengazi uku-
thi kwakunguJesu.[c] **15** UJesu
wathi kuye: “Sifazane, ukhale-
lani? Ufuna bani?” Yena ecaba-
nga ukuthi ngumuntu osebenza
engadini, wathi kuye: “Mnu-
mzane, uma umthathile, ngi-
tshele ukuthi umbekephi, ngi-
zomthatha.” **16** UJesu wathi
kuye: “Mariya!” Lapho ephe-
nduka wathi kuye, ngesiHe-
bheru: *“Raboni!”* (okusho uku-
thi “Mfundisi!”) **17** UJesu wa-
thi kuye: “Yeka ukunamathela
kimi, ngoba angikanyukeli ku-
Baba. Kodwa hamba uye ku-
bafowethu[d] uthi kubo, ‘Nginyu-
kela kuBaba[e] noYihlo, kuNku-
lunkulu wami[f] noNkulunku-
lu wenu.’ ” **18** UMariya Magda-
lena weza waletha lezi zindaba
kubafundi wathi: “Ngiyibonile
iNkosi!” Wabatshela izinto eya-
yimtshele zona.[g]

**19** Lapho selishonile ngalo-
lo suku, usuku lokuqala lwe-
sonto, futhi iminyango yayikhi-
yiwe lapho abafundi babekho-
na ngenxa yokwesaba amaJu-
da, uJesu wafika wama phaka-
thi kwabo wathi kubo: “Kwa-
ngathi ningaba nokuthula.”[a]
**20** Ngemva kokusho lokhu, wa-
babonisa izandla zakhe nohla-
ngothi lwakhe.[b] Khona-ke aba-
fundi bajabula lapho bebo-
na iNkosi.[c] **21** UJesu waphi-
nda wathi kubo: “Kwanga-
thi ningaba nokuthula.[d] Nje-
ngoba nje uBaba engithumile,[e]
nami ngiyanithuma.”[f] **22** Nge-
mva kokusho lokhu wabaphe-
phetha wathi kubo: “Yamukela-
ni umoya ongcwele.[g] **23** Uma
nithethelela izono zanoma yi-
muphi umuntu, zithethelelwe;
uma ningazithetheleli ezanoma
yimuphi umuntu, azithethele-
lwe.”
**24** Kodwa uTomase,[h] omu-
nye wabayiShumi Nambili,
owayebizwa ngokuthi iWele,
wayengekho kanye nabo lapho
uJesu efika. **25** Ngakho aba-
nye abafundi bamxoxela ba-
thi: “Siyibonile iNkosi!” Ko-
dwa yena wathi kubo: “Ngapha-
ndle kokuba ngibone amanxe-
ba* ezipikili ezandleni zayo fu-
thi ngifake umunwe wami ku-
lawo manxeba ezipikili, ngibe-
ke nesandla sami ohlangothini
lwayo,[i] ngeke ngikholwe.”
**26** Nokho, ngemva kwezi-
nsuku ezingu-8 abafundi bakhe
babesendlini futhi, noToma-
se ekanye nabo. UJesu wafika,
nakuba iminyango yayikhiyiwe,
wama phakathi kwabo wathi:
“Kwangathi ningaba nokuthu-
la.”[j] **27** Ngemva kwalokho wa-
thi kuTomase: “Faka umunwe
wakho lapha, ubone izandla

**ISAHL. 20**
a Hu 16:10; Mat 16:21; IzE 2:27
b Mar 16:5
c Luk 24:15, 16; Luk 24:30, 31; Joh 21:4
d Mat 28:10
e Joh 14:28; Joh 16:28
f 1Ko 11:3; Efe 1:17; Kol 1:3
g Luk 24:9, 10

**Uhla 2**
a Luk 24:36
b Joh 19:34
c Joh 16:22
d Luk 24:36
e Isay 61:1; Joh 5:36
f Mat 28:19, 20; Joh 17:18
g IzE 2:2, 4
h Joh 11:16
i Joh 19:34
j Joh 20:19

**20:25** *Noma, “izibazi.”

zami, uthathe isandla sakho
uthinte uhlangothi lwami, uye-
ke ukungabaza* kodwa ukho-
lwe.” **28** UTomase waphendu-
la wathi kuye: “Nkosi yami,
Nkulunkulu wami!” **29** UJesu
wathi kuye: “Ingabe usuyakho-
lwa ngoba usungibonile? Baya-
jabula labo okuthi nakuba be-
ngabonanga nokho bakholwe.”

**30** Empeleni, uJesu wenza
nezinye izibonakaliso ezini-
ngi phambi kwabafundi, ezi-
ngabhalwanga kulo mqulu.[a]
**31** Kodwa lezi zibhaliwe ukuze
nikholwe ukuthi uJesu ungu-
Kristu iNdodana kaNkulunku-
lu, futhi ngenxa yokukholwa,
nibe nokuphila ngegama la-
khe.[b]

**21** Ngemva kwalokhu uJesu
waphinde wazibonakali-
sa* kubafundi oLwandle Lwa-
seThibheriya. Wazibonakalisa
ngale ndlela. **2** Kwakuhlange-
ne uSimoni Petru, uTomase
(owayebizwa ngokuthi iWele),[c]
uNathanayeli[d] waseKhana lase-
Galile, amadodana kaZebede-
wu[e] nabanye ababili kubafundi
bakhe. **3** USimoni Petru wa-
thi kubo: “Ngisaya kodoba.” Ba-
thi kuye: “Sihamba nawe.” Ba-
phuma bangena esikebheni, ko-
dwa phakathi nalobo busuku
abababambanga lutho.[f]

**4** Nokho, lapho kusa, uJe-
su wama ogwini, kodwa aba-
fundi babengaboni ukuthi
nguJesu.[g] **5** UJesu wabe ese-
thi kubo: “Bantwana, nina-
kho yini okudliwayo?”* Bam-
phendula bathi: “Cha!” **6** Wa-
thi kubo: “Phonsani inethi nga-
kwesokudla sesikebhe nizozi-
thola izinhlanzi.” Ngakho bali-
phonsa, kodwa ababange besa-
kwazi ukulidonsela ngaphaka-
thi ngenxa yobuningi bezi-
nhlanzi.[a] **7** Ngemva kwalokho
umfundi uJesu ayemthanda[b]
wathi kuPetru: “YiNkosi!” La-
pho uSimoni Petru ezwa uku-
thi yiNkosi, wagqoka* ingubo
yakhe yangaphandle, ngoba
wayenqunu,# wagxumela olwa-
ndle. **8** Kodwa abanye aba-
fundi beza ngesikebhe esinca-
ne, bedonsa inethi eligcwe-
le izinhlanzi, ngoba babengeku-
de nendawo eyomile, babeqhe-
le ngamamitha acishe abe ngu-
90* kuphela.

**9** Lapho befika ogwini ba-
bona umlilo wamalahle, ku-
khona phezu kwawo izinhla-
nzi nesinkwa. **10** UJesu wathi
kubo: “Lethani ezinye zezinhla-
nzi enisanda kuzibamba.”
**11** Ngakho uSimoni Petru wa-
gibela esikebheni wadonsela
inethi ogwini, ligcwele izinhla-
nzi ezinkulu ezingu-153. Na-
kuba zazizININGI kangako, ine-
thi alizange lidabuke. **12** UJe-
su wathi kubo: “Wozani, yidla-
ni ukudla kwenu kwasekuse-
ni.” Akekho noyedwa kubafundi
owaba nesibindi sokumbuza
ukuthi: “Ungubani?” ngoba ba-
bazi ukuthi yiNkosi. **13** UJe-
su weza wathatha isinkwa
wabanika sona, nezinhlanzi
ngokufanayo. **14** Manje lokhu
kwase kungokwesithathu[c] uJe-
su ebonakala kubafundi nge-
mva kokuvuswa kwakhe kwa-
bafile.

**15** Lapho sebedle uku-
dla kwasekuseni, uJesu wa-
thi kuSimoni Petru: “Simo-
ni ndodana kaJona, uyangi-
thanda yini ngaphezu kwa-
lezi?” Wathi kuye: “Yebo

**ISAHL. 20**
a Joh 21:25
b Joh 3:15; Joh 5:24; 1Pe 1:8, 9; 1Jo 5:13

**ISAHL. 21**
c Joh 11:16; Joh 20:24
d Joh 1:45
e Mat 4:21
f Luk 5:4, 5
g Luk 24:15, 16; Joh 20:11, 14

**Uhla 2**
a Luk 5:4, 6
b Joh 13:23; Joh 19:26; Joh 20:2
c Joh 20:19, 26

**20:27** *NgesiGreki, “ukungakholwa.” **21:1** *Noma, “wabonakala.” **21:5** *Noma, “ninazo yini izinhlanzi?”

**21:7** *Noma, “wabhinca.” #Noma, “wayegqoke ingubo yangaphansi kuphela.” **21:8** *NgesiGreki, “cishe ngezingalo ezingu-200.” Bheka iSithasiselo B14.

Nkosi, uyazi ukuthi ngiyakuthanda." Wathi kuye: "Yondla amawundlu ami."[a] **16** Wabuye wathi kuye okwesibili: "Simoni ndodana kaJona, uyangithanda yini?" Wathi kuye: "Yebo Nkosi, uyazi ukuthi ngiyakuthanda." Wathi kuye: "Yalusa amawundlu ami."[b] **17** Wathi kuye okwesithathu: "Simoni ndodana kaJona, uyangithanda yini?" UPetru waba lusizi ngoba wayembuza okwesithathu ukuthi: "Uyangithanda yini?" Ngakho wathi kuye: "Nkosi, wazi zonke izinto; uyazi ukuthi ngiyakuthanda." UJesu wathi kuye: "Yondla amawundlu ami.[c] **18** Ngiqinisile impela ngithi kuwe, lapho usemncane, wawuzigqokisa bese uhamba uye lapho ufuna khona. Kodwa lapho uguga uyokwelula izandla zakho, omunye umuntu akugqokise akuyise lapho ungathandi khona." **19** Lokhu wakusho ukuze abonise ukuthi luhlobo luni lokufa ayezokhazimulisa ngalo uNkulunkulu. Ngemva kokusho lokhu, wathi kuye: "Qhubeka ungilandela."[d]

**20** UPetru waphenduka wabona umfundi uJesu ayemthanda[a] elandela, lowo owancika esifubeni sakhe ngesikhathi sesidlo sakusihlwa wathi: "Nkosi, ubani okukhaphelayo?" **21** Ngakho, lapho uPetru embona, wathi kuJesu: "Nkosi, kuzokwenzekani kule ndoda?" **22** UJesu wathi kuye: "Uma kuyintando yami ukuba ahlale ngize ngifike, kukukhathaza ngani wena lokho? Wena qhubeka ungilandela." **23** Ngakho, leli zwi lasakazeka phakathi kwabafowethu, ukuthi lowo mfundi wayengeke afe. Nokho, uJesu akazange athi kuye wayengeke afe, kodwa wathi: "Uma kuyintando yami ukuba ahlale ngize ngifike, kukukhathaza ngani wena lokho?"

**24** Nguye lo mfundi[b] ofakaza ngalezi zinto nowabhala lezi zinto, futhi siyazi ukuthi ubufakazi bakhe buyiqiniso.

**25** Eqinisweni, kukhona nezinye izinto eziningi uJesu azenza, engicabanga ukuthi uma imininingwane yazo egcwele ibingalotshwa, izwe ngokwalo belingeke likwazi ukuyiqukatha imiqulu ebiyolotshwa.[c]

**ISAHL. 21**

*a* Luk 22:32; IzE 20:28; 1Pe 5:2, 3
*b* IzE 1:15; Heb 13:20; 1Pe 2:25
*c* Joh 10:14, 15
*d* Mat 19:28; Joh 12:26; IsA 14:4

**Uhla 2**

*a* Joh 13:23; Joh 20:2
*b* Joh 13:23; Joh 19:26; Joh 20:2; Joh 21:7
*c* Joh 20:30, 31

# IZENZO ZABAPHOSTOLI

UHLU LOKUPHAKATHI

1 Incwadi eya kuTheyofilu (1-5)
Ofakazi nasezingxenyeni ezikude kakhulu zomhlaba (6-8)
UJesu unyukela ezulwini (9-11)
Abafundi bahlangana ngobunye (12-14)
Kukhethwa uMathiya ukuba angene esikhundleni sikaJuda (15-26)

2 Kuthululwa umoya ongcwele ngePhentekoste (1-13)
Inkulumo kaPetru (14-36)
Izixuku ziyasabela enkulumweni kaPetru (37-41)
Kubhapathizwa abangu-3 000 (41)
Ukuhlangana ndawonye kwamaKristu (42-47)

3 UPetru welapha isinxibi esilunyonga (1-10)
Inkulumo kaPetru eMphemeni KaSolomoni (11-26)

'Ukwenziwa kabusha kwazo zonke izinto' (21)
Umprofethi onjengoMose (22)

4 UPetru noJohane bayaboshwa (1-4)
Asengu-5 000 amadoda angamakholwa (4)
Kuqulwa icala phambi kweSanhedrini (5-22)
"Ngeke siyeke ukukhuluma" (20)
Bathandazela ukuba nesibindi (23-31)
Abafundi babelana izinto (32-37)

5 U-Ananiya noSafira (1-11)
Abaphostoli benza izibonakaliso eziningi (12-16)
Bababopha base bebadedela (17-21a)
Balethwa phambi kweSanhedrini futhi (21b-32)
'Kumele silalele uNkulunkulu kunabantu' (29)
Iseluleko sikaGamaliyeli (33-40)
Ukushumayela endlini ngendlu (41, 42)

6 Kukhethwa amadoda ayisikhombisa ukuba abe yizikhonzi (1-7)
UStefanu usolwa ngokuhlambalaza (8-15)

7 Inkulumo kaStefanu phambi kweSanhedrini (1-53)
Inkathi yezinzalamizi (2-16)
Ubuholi bukaMose; ukukhonza izithixo kuka-Israyeli (17-43)
UNkulunkulu akahlali emathempelini enziwe ngezandla (44-50)
Ukushaywa kukaStefanu ngamatshe (54-60)

8 USawulu umshushisi (1-3)
Inkonzo kaFiliphu ethelayo eSamariya (4-13)
UPetru noJohane bathunyelwa eSamariya (14-17)
USimoni uzama ukuthenga umoya ongcwele (18-25)
Umthenwa ongumTopiya (26-40)

9 USawulu uya eDamaseku (1-9)
U-Ananiya uthunywa ukuba ayosiza uSawulu (10-19a)
USawulu ushumayela ngoJesu eDamaseku (19b-25)
USawulu uvakashela eJerusalema (26-31)
UPetru uphulukisa u-Eneya (32-35)
UDorka ophanayo uyavuswa (36-43)

10 Umbono kaKorneliyu (1-8)
Umbono kaPetru wezilwane ezihlanziwe (9-16)
UPetru uvakashela uKorneliyu (17-33)
UPetru umemezela izindaba ezinhle kwabeZizwe (34-43)
"UNkulunkulu akakhethi" (34, 35)
Abantu bezizwe bamukela umoya ongcwele futhi bayabhapathizwa (44-48)

11 UPetru ubikela abaphostoli (1-18)
UBarnaba noSawulu base-Antiyokiya yaseSiriya (19-26)
Abafundi baqala ukubizwa ngokuthi amaKristu (26)
U-Agabu ubikezela indlala (27-30)

12 UJakobe uyabulawa; uPetru uyaboshwa (1-5)
UPetru ukhululwa ngokuyisimangaliso (6-19)
UHerode ushaywa ingelosi (20-25)

13 UBarnaba noSawulu bathunywa ukuyokwenza umsebenzi wokuba izithunywa zevangeli (1-3)
Inkonzo eKhupro (4-12)
Inkulumo kaPawulu e-Antiyokiya yasePhisidiya (13-41)
Umyalo oyisiprofetho wokuba kuphendukelwe ezizweni (42-52)

14 Ukwanda nokuphikiswa e-Ikoniyu (1-7)
Kucatshangwa ukuthi bangonkulunkulu eListra (8-18)
UPawulu ushaywa ngamatshe kodwa akafi (19, 20)
Kuqiniswa amabandla (21-23)
Babuyela e-Antiyokiya yaseSiriya (24-28)

15 Kuphikiswana ngendaba yokusoka e-Antiyokiya (1, 2)
Le ndaba iyiswa eJerusalema (3-5)
Amadoda amadala nabaphostoli bayahlangana (6-21)
Incwadi evela endikimbeni ebusayo (22-29)
Dedani egazini (28, 29)
Amabandla akhuthazwa yincwadi (30-35)
UPawulu noBarnaba bayahlukana (36-41)

16 UPawulu ukhetha uThimothewu (1-5)
Umbono wendoda yaseMakedoniya (6-10)
Ukuphenduka kukaLidiya eFilipi (11-15)

UPawulu noSila bayaboshwa (16-24)
Unogada wasejele nomndeni wakhe bayabhapathizwa (25-34)
UPawulu uthi mabaxolise obala (35-40)

17 UPawulu noSila eThesalonika (1-9)
UPawulu noSila eBhereya (10-15)
UPawulu e-Athene (16-22a)
Inkulumo kaPawulu e-Areyophagu (22b-34)

18 Inkonzo kaPawulu eKorinte (1-17)
Ubuyela e-Antiyokiya yaseSiriya (18-22)
UPawulu uya eGalathiya naseFrigiya (23)
U-Apholo oqephuzayo uthola usizo (24-28)

19 UPawulu e-Efesu; abanye baphinde bayabhapathizwa (1-7)
Ukufundisa kukaPawulu (8-10)
Bayaphumelela yize kunabantu abasebenzisa amademoni (11-20)
Isiyaluyalu e-Efesu (21-41)

20 UPawulu eMakedoniya naseGrisi (1-6)
Kuvuswa u-Evitiku eTrowa (7-12)
Kusukwa eTrowa kuyiwa eMilethu (13-16)
UPawulu uhlangana namadoda amadala ase-Efesu (17-38)
Ukufundisa endlini ngendlu (20)
"Kukhona injabulo eyengeziwe ekupheni" (35)

21 Kuyiwa eJerusalema (1-14)
Kufikwa eJerusalema (15-19)
UPawulu ulandela iseluleko samadoda amadala (20-26)
Kusuka isiyaluyalu ethempelini; uPawulu uyaboshwa (27-36)
UPawulu uyavunyelwa ukuba akhulume nesixuku (37-40)

22 UPawulu uyaziphendulela phambi kwesixuku (1-21)
UPawulu usebenzisa ilungelo lakhe lokuba isakhamuzi saseRoma (22-29)
ISanhedrini iyahlangana (30)

23 UPawulu ukhuluma phambi kweSanhedrini (1-10)
INkosi iqinisa uPawulu (11)
Uzungu lokubulala uPawulu (12-22)
UPawulu uyiswa eKhesariya (23-35)

24 UPawulu uyamangalelwa (1-9)
UPawulu uziphendulela phambi kukaFeliksi (10-21)
Icala likaPawulu limiswa iminyaka emibili (22-27)

25 Kuqulwa icala likaPawulu phambi kukaFestu (1-12)
"Ngidlulisela icala kuKhesari!" (11)
UFestu uxoxa neNkosi u-Agripha (13-22)
UPawulu uphambi kuka-Agripha (23-27)

26 UPawulu uzivikela phambi kuka-Agripha (1-11)
UPawulu uchaza ngokuphenduka kwakhe (12-23)
Impendulo kaFestu neka-Agripha (24-32)

27 UPawulu uhamba ngomkhumbi uya eRoma (1-12)
Umkhumbi uhlaselwa isiphepho (13-38)
Ukuphukelwa umkhumbi (39-44)

28 Ogwini lwaseMelitha (1-6)
Ubaba kaPhubhiliyu uyaphulukiswa (7-10)
Sekuyiwa eRoma (11-16)
UPawulu ukhuluma namaJuda eRoma (17-29)
UPawulu ushumayela ngesibindi iminyaka emibili (30, 31)

**1** Encwadini yokuqala engaku-
bhalela yona, Theyofilu, nga-
chaza zonke izinto uJesu aze-
nza nazifundisa[a] **2** kwaze kwa-
ba usuku anyuswa ngalo,[b] nge-
mva kokuba enikeze iziyale-
zo ngomoya ongcwele kubapho-
stoli ayebakhethile.[c] **3** Ngemva
kokuhlupheka kwakhe, wazive-
za ephila kubo ngobufakazi obu-
ningi obuqand' ikhanda.[a] Ba-
mbona phakathi nazo zonke izi-
nsuku ezingu-40, ekhuluma ngo-
Mbuso kaNkulunkulu.[b] **4** Nge-
sikhathi ehlangene nabo, waba-
yala wathi: "Ningahambi eJeru-
salema,[c] kodwa qhubekani nili-
ndele lokho uBaba akuthembisi-
le,[d] enakuzwa ngami; **5** ngoba
uJohane, ngempela wabhapathi-

ISAHL. 1
a Luk 1:3; Luk 3:23
b 1Ti 3:16
c Joh 15:16

Uhla 2
a Mat 28:9; Joh 20:19; 1Ko 15:4-7
b Luk 24:27
c Luk 24:49
d Joh 14:16, 17; IzE 2:33

za ngamanzi, kodwa nina nizo-
bhapathizwa ngomoya ongcwe-
le[a] ezinsukwini ezingeziningi
ngemva kwalokhu."
**6** Ngakho lapho sebehlange-
ne bambuza bathi: "Nkosi,
ingabe uzowubuyisela umbu-
so ku-Israyeli ngalesi sikha-
thi?"[b] **7** Wathi kubo: "Aku-
khona okwenu ukwazi izikha-
thi noma izinkathi uBaba azi-
shiyele kuye ngokwakhe.*[c]
**8** Kodwa nina nizokwamukela
amandla lapho umoya ongcwe-
le ufika phezu kwenu,[d] ni-
zoba ofakazi[e] bami eJerusale-
ma,[f] kulo lonke elaseJudiya na-
seSamariya,[g] nasezingxenyeni
ezikude kakhulu* zomhlaba."[h]
**9** Ngemva kokusho lezi zi-
nto, ngesikhathi besabhekile,
waphakanyiselwa phezulu, ifu
lamkhuphula wasuka emehlwe-
ni abo.[i] **10** Njengoba begqo-
lozele isibhakabhaka ngesi-
khathi ehamba, kungazelelwe,
kwama amadoda amabili ece-
leni kwabo egqoke izingu-
bo ezimhlophe,[j] **11** athi: "Ma-
doda aseGalile, kungani ni-
mile nibheke esibhakabhakeni?
Lo Jesu okhushulelwe phezu-
lu esibhakabhakeni esuka kini
uyokuza ngendlela efanayo na-
leyo enimbone eya ngayo esi-
bhakabhakeni."
**12** Babe sebebuyela eJeru-
salema[k] besuka entabeni oku-
thiwa iNtaba Yeminqumo, ese-
duze kweJerusalema, eqhele
ngohambo losuku lwesabatha.
**13** Lapho befika, bakhuphuke-
la ekamelweni eliphezulu lapho
babehleli khona. Kwakukho-
na uPetru noJohane noJako-
be no-Andreya, uFiliphu noTo-
mase, uBartolomewu noMathe-
wu, uJakobe indodana ka-Alfe-
wu, uSimoni oshisekayo, ka-
nye noJuda indodana kaJako-
be.[a] **14** Bonke laba babephi-
kelela emthandazweni beno-
mgomo ofanayo, kanye nabesi-
fazane abathile[b] noMariya uni-
na kaJesu kanye nabafowabo.[c]
**15** Phakathi nalezo zinsuku,
uPetru wasukuma wama pha-
kathi kwabazalwane (inani*
labantu selilonke cishe la-
lingu-120) wathi: **16** "Madoda,
bafowethu, ngoDavide umo-
ya ongcwele washo isiprofetho
esimayelana noJuda, kwakudi-
ngekile ukuba lowo mBhalo
ugcwaliseke.[d] Lowo Juda ngu-
ye owayehola labo ababopha
uJesu.[e] **17** Ngoba wayebalwe
phakathi kwethu,[f] ekhonza ka-
nye nathi. **18** (Ngakho yena
kanye lo muntu wathenga isi-
ganga ngenkokhelo yokunga-
lungi,[g] lapho ewa ngekha-
nda umzimba wakhe waqhu-
ma,* wonke amathumbu akhe
achitheka.[h] **19** Lokhu kwazi-
wa yibo bonke abahlala eJeru-
salema, kangangokuthi leso
siganga sabizwa ngolimi lwa-
bo ngokuthi i-*A·kel′da·ma,* oku-
wukuthi, "iSiganga Segazi.")
**20** Ngoba kulotshiwe encwadi-
ni yamaHubo ukuthi, 'Indawo
yakhe yokuhlala mayibe inci-
thakalo, makungahlali muntu
kuyo,'[i] nokuthi, 'Isikhundla sa-
khe sokuba umbonisi masi-
thathwe omunye.'[j] **21** Ngakho
kudingekile ukuba emadodeni
ayehamba nathi ngaso sonke
isikhathi, lapho iNkosi uJesu
yenza imisebenzi yayo* phaka-
thi kwethu, **22** kusukela eku-
bhapathizweni kwayo nguJo-
hane[k] kuze kube sosukwini
eyakhushulelwa ngalo phezulu

**1:7** *Noma, "egunyeni lakhe." **1:8** *Noma, "ezisemaphethelweni."

**1:15** *Noma, "isixuku." **1:18** *Noma, "waqhuma wavuleka phakathi nendawo." **1:21** *NgesiGreki, "ingena iphuma."

**ISAHL. 1**
a Jow 2:28, Mat 3:11, Mar 1:8
b Luk 19:11, Luk 24:21
c Dan 2:20, 21, Mat 24:36
d IzE 4:33
e Isay 43:10, Luk 24:48, Joh 15:26, 27
f IzE 5:27, 28
g IzE 8:14
h Kol 1:23
i Luk 24:51, Joh 6:62
j Mat 28:2, 3
k Luk 24:52

**Uhla 2**
a Mat 10:2-4, Mar 3:16-19
b Luk 23:49
c Mat 13:55, Joh 7:5, Gal 1:19
d Hu 41:9, Hu 55:12, Joh 13:18
e Luk 22:47, Joh 18:3
f Mat 10:2, 4, Luk 6:12-16, Joh 6:70, 71
g Zak 11:12, Mat 26:14, 15
h Mat 27:5-8
i Hu 69:25
j Hu 109:8
k Mat 3:13

isuka kithi,[a] enye kula madoda
ibe ufakazi kanye nathi woku-
vuka kwayo.”[b]

**23** Ngakho baphakamisa
ukuba kumiswe ababili, uJose-
fa owayebizwa ngokuthi uBa-
rsaba, owayebuye abizwe ngo-
Justu, noMathiya. **24** Batha-
ndaza bathi: “Wena Jehova,*
owazi izinhliziyo zabo bonke,[c]
bonisa ukuthi iyiphi kula ma-
doda amabili oyikhethile
**25** ukuba ithathe indawo yale
nkonzo nobuphostoli, leyo uJu-
da aphambuka kuyo waya
endaweni yakhe.”[d] **26** Ngakho
babenzela inkatho,[e] inkatho ya-
dla uMathiya, wabalwa* kanye
nabaphostoli abangu-11.

**2** Ngesikhathi usuku loMkho-
si WePhentekoste[f] luqhube-
ka, bonke babendawonye enda-
weni efanayo. **2** Kungazele-
lwe kwezwakala umsindo uve-
la ezulwini, unjengowesivungu-
vungu esinamandla, wagcwala
yonke indlu ababehlezi kuyo.[g]
**3** Kwabonakala izilimi ezibu-
keka njengamalangabi omlilo
kubo, zasakazeka, ngalunye
lwahlala phezu kwalowo nalo-
wo kubo, **4** bonke bagcwala
umoya ongcwele,[h] baqala uku-
khuluma ngezilimi ezihlukahlu-
kene, njengoba nje umoya wa-
wubenza bakhulume.[i]

**5** Ngaleso sikhathi eJerusa-
lema kwakuhlala amaJuda
ashisekayo evela kuzo zo-
nke izizwe ngaphansi kwezu-
lu.[j] **6** Ngakho lapho kuzwaka-
la lo msindo, isixuku sabu-
thana futhi sasididekile, ngo-
ba ngamunye kuso wayebe-
zwa bekhuluma ngolimi lwa-
khe. **7** Ngempela babemange-
le kakhulu, bethi: “Bhekani, bo-
nke laba abakhulumayo banga-
baseGalile,[a] akunjalo? **8** Pho
kwenzeka kanjani ukuba nga-
munye wethu ezwe ulimi lwa-
khe aluncela ebeleni? **9** Ama-
Parte, amaMede[b] nama-Elamu,[c]
abakhe eMesophothamiya, eJu-
diya naseKhaphadosiya, ePho-
ntu nasesifundazweni sase-Asi-
ya,[d] **10** eFrigiya nasePhamfili-
ya, eGibhithe nasezifundeni za-
seLibhiya ngaseKhurene, nezi-
vakashi ezazivela eRoma, aba-
ngamaJuda nabangamaproseli-
the,[e] **11** abaseKrethe, nabase-
Arabhiya—sibezwa bekhuluma
ngezilimi zethu ngezinto ezi-
nhle kakhulu zikaNkulunkulu.”
**12** Ngempela, bonke babema-
ngele futhi bedidekile, bethi ko-
munye nomunye: “Isho ukuthini
le nto?” **13** Nokho, abanye ba-
bahleka bathi: “Basuthi iwayini
elimnandi.”*

**14** Kodwa uPetru wasuku-
ma nabayiShumi Nanye*[f] wa-
khuluma nabo ngezwi elikhu-
lu wathi: “Madoda aseJudi-
ya nani nonke enihlala eJe-
rusalema, makwazeke lokhu
kini futhi niwalalele ngokuco-
phelela amazwi ami. **15** Eqi-
nisweni laba bantu abadakiwe
njengoba nina nicabanga, ngo-
ba kuseyihora lesithathu lo-
suku.* **16** Kunalokho, yilokhu
okwashiwo ngomprofethi uJo-
weli: **17** ‘“Ezinsukwini zoku-
gcina,” kusho uNkulunkulu,
“ngiyothululela omunye womo-
ya wami phezu kwayo yonke
inyama, amadodana enu nama-
dodakazi enu ayoprofetha, izi-
nsizwa zenu zibone imibono,
amaxhegu enu aphuphe ama-
phupho,[g] **18** ngalezo zinsuku
ngiyothululela omunye womo-
ya wami ngisho nasezigqileni
zami zesilisa nezesifazane, zi-

ISAHL. 1
a Luk 24:51; IzE 1:9
b Mat 28:5, 6; Mar 16:6
c 1Sa 16:7; 1Kr 28:9; Jer 11:20
d Joh 6:70
e IzA 16:33

ISAHL. 2
f Lev 23:16; Dut 16:9-11
g IzE 4:31
h Mar 1:8; Joh 14:26
i IzE 10:45, 46; 1Ko 12:8, 10
j Eks 23:17

Uhla 2
a Mar 14:70; IzE 1:11
b 2Kh 17:6
c Dan 8:1, 2
d 1Pe 1:1
e Eks 12:48
f IzE 1:13
g Jow 2:28

**1:24** *Bheka iSithasiselo A5. **1:26** *Okuwukuthi, wabhekwa njengabawu-11.

**2:13** *Noma, “elisha.” **2:14** *Okuwukuthi, abaphostoli abangu-11. **2:15** *Okuwukuthi, ngabo-9:00 ekuseni.

profethe.[a] **19** Ngiyokwenza
izimangaliso ezulwini phezulu
nezibonakaliso emhlabeni pha-
nsi—igazi nomlilo namafu entu-
thu. **20** Ilanga liyophenduka
ubumnyama nenyanga ibe yi-
gazi ngaphambi kokuba usu-
ku lukaJehova* olukhulu nolu-
mangalisayo lufike. **21** Wonke
umuntu obiza igama likaJeho-
va* uyosindiswa.”’[b]

**22** “Madoda akwa-Israye-
li, yizwani la mazwi: UJe-
su umNazaretha wayengumu-
ntu uNkulunkulu amveza oba-
la kini ngemisebenzi ya-
mandla nezimangaliso nezi-
bonakaliso uNkulunkulu aze-
nza ngaye phakathi kwenu,[c]
njengoba nje nani ngokwenu
nazi. **23** Lo muntu, owanike-
lwa ngokuvumelana nenjongo*
nangokwazi kusengaphambili
kukaNkulunkulu,[d] nambophe-
la esigxotsheni ngesandla sa-
bantu abangenamthetho na-
mbulala.[e] **24** Kodwa uNkulu-
nkulu wamvusa[f] ngokum-
khulula emandleni* okufa, ngo-
ba kwakungenakwenzeka uku-
ba abanjwe yiwo.[g] **25** Ngo-
ba uDavide uthi ngaye: ‘Ngim-
gcina ephambi kwami njalo
uJehova,* ngoba ungakweso-
kudla sami ukuze ngingalo-
kothi nginyakaziswe. **26** Nge-
nxa yalokhu inhliziyo yami ye-
nama nolimi lwami lwajabu-
la kakhulu. Ngiyohlala ethe-
mbeni; **27** ngoba ngeke ungi-
shiye* eThuneni,# futhi ngeke
umvumele oqotho wakho abo-
ne ukonakala.[h] **28** Ungazisile
izindlela zokuphila; uyongenza
ngijabule kakhulu uma ungi-
bheka ngomusa.’[a]

**29** “Madoda, bazalwane, ku-
vumelekile ukukhuluma nani
ngokukhululekile ngoDavide
inhloko yomndeni, ukuthi wa-
shona, wangcwatshwa,[b] nethu-
na lakhe liphakathi kwethu
kuze kube namuhla. **30** Nge-
nxa yokuthi wayengumprofe-
thi, azi ukuthi uNkulunku-
lu wayefunge kuye ukuthi uyo-
beka oyedwa enzalweni yakhe
esihlalweni sakhe sobukho-
si,[c] **31** wabona kusengapha-
mbili futhi wakhuluma ngoku-
vuka kukaKristu, ukuthi aka-
shiywanga eThuneni# nenyama
yakhe ayikubonanga ukonaka-
la.*[d] **32** UNkulunkulu wamvu-
sa lo Jesu, sonke singofakazi
balokho.[e] **33** Ngakho-ke, nge-
nxa yokuthi waphakanyiselwa
kwesokudla sikaNkulunkulu[f]
futhi wamukela kuBaba umoya
ongcwele othenjisiwe,[g] uthulu-
le lokhu enikubonayo neni-
kuzwayo. **34** Ngoba uDavide
akazange anyukele emazulwi-
ni, kodwa yena ngokwakhe
uthi, ‘UJehova* wathi eNko-
sini yami: “Hlala ngakwesoku-
dla sami **35** ngize ngibeke izi-
tha zakho zibe yisenabelo se-
zinyawo zakho.”’[h] **36** Ngakho,
yonke indlu ka-Israyeli mayazi
ngokuqinisekile ukuthi uNkulu-
nkulu wamenza iNkosi[i] noKri-
stu, lo Jesu enambethela esi-
gxotsheni.”[j]

**37** Lapho bekuzwa lo-
khu, kwaba sengathi bahlabe-
ka enhliziyweni, bathi ku-
Petru nakubo bonke abanye
abaphostoli: “Madoda, baza-
lwane, yini okufanele siyenze?”
**38** UPetru wathi kubo: “Phe-
ndukani,[k] yilowo nalowo kini

---

**2:20, 21, 25, 34** *Bheka iSithasiselo A5. **2:23** *Noma, “nentando.” **2:24** *NgesiGreki, “emihelweni.” Noma kungaba, “ezindophini.” **2:27** *Noma, “uwushiye umphefumulo wami.” **2:27, 31** #Noma, “eHayidesi,” okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**2:31** *Noma, “ayibolanga.”

---

**ISAHL. 2**

*a* 1Ko 12:8, 10
*b* Jow 2:28-32; Rom 10:13
*c* Joh 5:36; Joh 14:10
*d* Joh 19:10, 11; IzE 4:27, 28; 1Pe 1:20
*e* Luk 23:33; IzE 5:30; IzE 7:52
*f* IzE 3:15; Rom 4:24; 1Ko 6:14; Kol 2:12; Heb 13:20
*g* Joh 10:17, 18
*h* IzE 13:35

**Uhla 2**

*a* Hu 16:8-11
*b* 1Kh 2:10
*c* 2Sa 7:12, 13; Hu 89:3, 4; Hu 132:11
*d* Hu 16:10
*e* Luk 24:46-48; IzE 1:8; IzE 3:15
*f* Rom 8:34; Flp 2:9-11; 1Pe 3:22
*g* Joh 14:26
*h* Hu 110:1; Luk 20:42, 43; 1Ko 15:25; Heb 10:12, 13
*i* Mat 28:18; Joh 3:35; IzE 5:31
*j* Joh 19:6
*k* Luk 24:46, 47; IzE 17:30; IzE 26:20

abhapathizwe[a] egameni likaJesu Kristu ukuze izono zenu zithethelelwe,[b] khona-ke nizokwamukela isipho sesihle somoya ongcwele. **39** Ngoba lesi sithembiso[c] senziwa kini nakubantwana benu, nakubo bonke abakude, bonke labo uJehova* uNkulunkulu wethu angase ababizele kuye."[d] **40** Wanikeza ubufakazi obuphelele nangamanye amazwi amaningi, elokhu ebakhuthaza ethi: "Sindiswani kulesi sizukulwane esigwegwile."[e] **41** Ngakho labo abamukela izwi lakhe ngenjabulo babhapathizwa,[f] ngalolo suku kwanezelwa abantu abangaba ngu-3 000.[g] **42** Babekulangazelela ukuqhubeka befunda kubaphostoli, ukuhlangana ndawonye,* ukudla ndawonye[h] futhi bephikelela emthandazweni.[i]

**43** Ngempela, bonke abantu baqala ukufikelwa ukwesaba, abaphostoli benza izimangaliso nezibonakaliso eziningi.[j] **44** Bonke ababa amakholwa babendawonye, bahlanganyela yonke into ndawonye, **45** babethengisa izimpahla zabo[k] nezindawo, imali abayithole lapho bayabele bonke abantu, kuye ngesidingo somuntu ngamunye.[l] **46** Usuku nosuku babeba khona njalo ethempelini benenjongo efanayo, babedlela emakhaya ahlukahlukene, babelana ukudla ngenjabulo enkulu nangenhliziyo emsulwa, **47** bedumisa uNkulunkulu futhi bethola umusa kubo bonke abantu. Ngesikhathi esifanayo uJehova* waqhubeka enezela kubo nsuku zonke abasindiswayo.[m]

---

**2:39, 47** *Bheka iSithasiselo A5. **2:42** *Noma, "ukwabelana izinto."

# 3

UPetru noJohane babekhuphukela ethempelini ngehora lokuthandaza, ihora lika-9,* **2** ngaleso sikhathi kwakuthwelwe indoda eyazalwa ilunyonga. Nsuku zonke babeyibeka eduze komnyango wethempeli owawubizwa ngokuthi oMuhle, ukuze icele izipho zesihe kulabo abangena ethempelini. **3** Lapho ibona uPetru noJohane sebezongena ethempelini, yacela izipho zesihe. **4** Kodwa uPetru noJohane bayibuka ngqo, bathi kuyo: "Sibheke." **5** Ngakho yababukisisa, ilindele ukuthola okuthile kubo. **6** Nokho, uPetru wathi: "Anginalo isiliva negolide, kodwa lokho enginakho yilokho engikunika kona. Egameni likaJesu Kristu umNazaretha, hamba!"[a] **7** Wabe eseyibamba ngesandla sokudla wayiphakamisa.[b] Ngaso leso sikhathi izinyawo namaqakala ayo kwaqina;[c] **8** igxumagxuma ngezinyawo zayo,[d] yaqala ukuhamba, yangena nabo ethempelini, ihamba futhi igxumagxuma idumisa uNkulunkulu. **9** Bonke abantu bayibona ihamba idumisa uNkulunkulu. **10** Babona ukuthi yile ndoda eyayivame ukuhlala eSangweni Elihle lethempeli icele izipho zesihe,[e] bamangala kakhulu futhi bagcwala injabulo ngalokho okwakwenzeke kuyo.

**11** Ngesikhathi le ndoda isabambe uPetru noJohane, bonke abantu bagijimela kubo kulokho okwakubizwa ngokuthi uMpheme KaSolomoni,[f] bemangele kakhulu. **12** Lapho uPetru ebona lokhu, wathi kulabo bantu: "Madoda akwa-Israyeli, kungani kunimangaza kangaka lokhu, futhi kungani

---

**3:1** *Okuwukuthi, ngabo-3:00 ntambama.

ISAHL. 2
*a* Mat 28:19
*b* Mat 26:27, 28; Efe 1:7
*c* Jow 2:28
*d* Jow 2:32
*e* Dut 32:5; Hu 78:8
*f* IzE 8:12; IzE 18:8
*g* IzE 4:4; IzE 5:14
*h* IzE 2:46
*i* IzE 1:14
*j* IzE 5:12
*k* Mat 19:21
*l* IzE 4:32, 34
*m* IzE 5:14; IzE 11:21; 1Ko 3:7

Uhla 2

ISAHL. 3
*a* IzE 3:16; IzE 4:10
*b* Mat 8:14, 15; Mat 9:24, 25
*c* Joh 5:8, 9; IzE 9:34; IzE 14:8-10
*d* Isay 35:6
*e* IzE 3:2
*f* Joh 10:23; IzE 5:12

nisigqolozele njengokungathi siyenze yahamba ngamandla ethu noma ngokuzinikela kwethu kuNkulunkulu? **13** UNkulunkulu ka-Abrahama no-Isaka noJakobe,[a] uNkulunkulu wokhokho bethu, uyikhazimulisile iNceku yakhe,[b] uJesu,[c] leyo nina enayinikela[d] futhi nayiphika phambi kukaPilatu, ngisho noma ayesenqume ukuyikhulula. **14** Yebo, namphika lowo ongcwele nolungile, nacela ukuba nikhululelwe umuntu owayengumbulali,[e] **15** nabulala uMmeli Oyinhloko wokuphila.[f] Kodwa uNkulunkulu wamvusa kwabafile, okuyiqiniso esingofakazi balo.[g] **16** Ngenxa yegama lakhe nangenxa yokholo lwethu egameni lakhe, le ndoda eniyibonayo neniyaziyo yenziwe yaqina. Ukholo esinalo ngenxa yakhe lwenze le ndoda yaphila qingqo phambi kwenu nonke. **17** Manje bafowethu, ngiyazi ukuthi nenze ngokungazi,[h] njengoba nje nababusi benu benzile.[i] **18** Kodwa ngale ndlela uNkulunkulu ugcwalise izinto azimemezela kusengaphambili ngomlomo wabo bonke abaprofethi, ukuthi uKristu wakhe wayeyohlupheka.[j]

**19** “Ngakho phendukani[k] futhi niguquke[l] ukuze kusulwe izono zenu,[m] ukuze izinkathi zokuqabuleka zifike zivela kuJehova uqobo* **20** futhi anithumelele uKristu enamiselwa yena, uJesu. **21** Kodwa uJesu kumele ahlale ezulwini kuze kufike izikhathi lapho zonke izinto sezenziwe zaba zintsha, lezo uNkulunkulu azikhuluma ngomlomo wabaprofethi bakhe abangcwele basendulo. **22** Eqinisweni uMose wathi: ‘UJehova* uNkulunkulu wenu uyonivusela umprofethi onjengami phakathi kwabafowenu.[a] Kumele nilalele noma yini anitshela yona.[b] **23** Ngempela noma ubani ongamlalele lowo mProfethi uyobhujiswa ngokuphelele phakathi kwabantu.’[c] **24** Bonke abaprofethi, kusukela kuSamuweli nalabo abalandela yena, bonke labo abaprofetha, nabo bazimemezele ngokucacile lezi zinsuku.[d] **25** Ningamadodana abaprofethi nawesivumelwano uNkulunkulu asenza nokhokho benu,[e] ethi ku-Abrahama: ‘Yonke imindeni yomhlaba iyobusiswa ngenzalo* yakho.’[f] **26** Ngemva kokuvusa iNceku yakhe, uNkulunkulu wayithumela kini kuqala[g] ukuba inibusise ngokwenza ukuba yilowo nalowo afulathele izenzo zakhe ezimbi.”

**4** Ngesikhathi laba ababili besakhuluma nabantu, abapristi, induna yethempeli nabaSadusi[h] beza kubo. **2** Babecasukile ngoba abaphostoli babefundisa abantu futhi bememezela obala ukuvuka kukaJesu kwabafile.[i] **3** Ngakho bababamba bababopha[j] kwaze kwaba usuku olulandelayo, ngoba kwase kuhlwile. **4** Nokho, abaningi kulabo ababelalele inkulumo bakholwa, inani lamadoda lalicishe libe ngu-5 000.[k]

**5** Ngosuku olulandelayo, ababusi babo, amadoda amadala kanye nababhali bahlangana ndawonye eJerusalema, **6** no-Anase[l] umpristi omkhulu, uKayafase,[m] uJohane, u-Aleksandru nabo bonke ababeyizihlobo zompristi omkhulu. **7** Bamisa uPetru noJohane

**3:19** *NgesiGreki, “zivela ebusweni bukaJehova.” Bheka iSithasiselo A5.

**3:22** *Bheka iSithasiselo A5. **3:25** *NgesiGreki, “ngembewu.”

ISAHL. 3
- *a* Eks 3:6
- *b* Isay 52:13; Isay 53:11
- *c* Flp 2:9-11
- *d* IzE 5:30
- *e* Mat 27:20, 21; Luk 23:14, 18
- *f* IzE 5:31; Heb 2:10
- *g* Luk 24:46-48; IzE 1:8; IzE 2:32
- *h* Joh 16:2, 3; 1Ti 1:13
- *i* 1Ko 2:8
- *j* Hu 118:22; Isay 50:6; Isay 53:8; Dan 9:26; Luk 22:15
- *k* IzE 2:38
- *l* Hez 33:11; Efe 4:22
- *m* Hez 33:14, 16; 1Jo 1:7

Uhla 2
- *a* Dut 34:10; IzE 7:37
- *b* Dut 18:15, 18
- *c* Dut 18:19
- *d* Luk 24:27; IzE 10:43
- *e* Rom 9:4
- *f* Gen 22:18; Gal 3:8
- *g* IzE 13:45, 46; Rom 1:16

ISAHL. 4
- *h* IzE 23:8
- *i* IzE 4:33; IzE 17:18
- *j* Luk 21:12
- *k* IzE 2:41; IzE 6:7
- *l* Joh 18:13
- *m* Mat 26:57; Luk 3:2; Joh 11:49-51

phakathi kwabo bababuza ba-
thi: “Nikwenze ngamaphi ama-
ndla noma ngegama likabani lo-
khu?” **8** UPetru egcwele umo-
ya ongcwele,[a] wathi kubo:
“Babusi babantu namadoda
amadala, **9** uma namuhla si-
phenywa ngenxa yesenzo esi-
hle esisenze endodeni ekhu-
bazekile,[b] futhi nifuna ukwazi
ukuthi ubani owenze le ndoda
yaphila, **10** makwazeke kini
nonke nakubo bonke abantu
bakwa-Israyeli, ukuthi ngega-
ma likaJesu Kristu umNazare-
tha,[c] enambethela esigxotshe-
ni[d] kodwa uNkulunkulu wa-
mvusa kwabafile,[e] kungenxa
yakhe le ndoda imi lapha pha-
mbi kwenu iphile saka. **11** Lo
‘uyitshe nina bakhi enalipha-
tha njengelingento yalutho ese-
liyitshe legumbi* eliyinhloko.’[f]
**12** Ngaphezu kwalokho, ayi-
kho insindiso kunoma ubani
omunye, ngoba alikho elinye
igama[g] emhlabeni uNkulunkulu
alikhethile phakathi kwabantu
okumele sisindiswe ngalo.”[h]
**13** Lapho bebona isibindi*
sikaPetru noJohane futhi be-
qonda ukuthi bangabantu aba-
ngafundile# nabavamile,[i] bama-
ngala. Babona ukuthi babe-
noJesu.[j] **14** Njengoba bebuka
indoda eyayelashiwe imi nabo,[k]
ababanga nalutho abangaphe-
ndula ngalo.[l] **15** Ngakho ba-
bayala ukuba baphumele nga-
phandle kwehholo leSanhe-
drini, babonisana, **16** bethi:
“Yini okufanele siyenze nga-
laba bantu?[m] Ngoba ngempe-
la kwenzeke isibonakaliso esi-
phawulekayo ngabo, esisoba-
la kubo bonke abahlala eJeru-
salema,[a] asikwazi ukusiphika.
**17** Ukuze lokhu kungaqhube-
ki kusakazeka phakathi kwa-
bantu, masibasabise, sibatshe-
le ukuthi bangabe besakhulu-
ma namuntu ngaleli gama.”[b]
**18** Ngemva kwalokho baba-
biza babayala ukuba bangasho
lutho nhlobo noma bafundise
ngegama likaJesu. **19** Kodwa
uPetru noJohane babaphendu-
la bathi: “Ukuthi kulungile yini
emehlweni kaNkulunkulu uku-
lalela nina kunoNkulunkulu,
yahlulelani nina. **20** Kodwa
thina, ngeke siyeke ukukhulu-
ma ngezinto esizibonile nesizi-
zwile.”[c] **21** Ngakho, lapho se-
bephinde babasabisa, baba-
khulula, njengoba babengatho-
langa zizathu abangabajezi-
sela zona nangenxa yokuthi
babesaba abantu[d] ngoba bo-
nke babekhazimulisa uNkulu-
nkulu ngalokho okwakwenze-
kile. **22** Indoda okwenziwa
kuyo lesi simangaliso* soku-
phulukisa yayineminyaka enga-
phezu kwengu-40 ubudala.
**23** Ngemva kokukhululwa,
baya kubantu bakubo bafi-
ke babika lokho abapristi aba-
khulu namadoda amadala aba-
bekushilo kubo. **24** Lapho be-
zwa lokhu, bathandaza kuNku-
lunkulu ngobunye bathi:
“Nkosi EnguMbusi, nguWe
owenza izulu nomhlaba no-
lwandle nazo zonke izinto ezi-
kukho,[e] **25** nowathi ngomo-
ya ongcwele, ngomlomo ka-
khokho wethu uDavide,[f] ince-
ku yakho: ‘Kungani izizwe zixo-
kozela nabantu bezindla ngezi-
nto eziyize? **26** Amakhosi om-
hlaba avukela, nababusi babu-
thana ngobunye bamelana no-
Jehova* nogcotshiwe# wakhe.’[g]
**27** Ngempela bobabili uHero-

**4:11** *NgesiGreki, “lasekhoneni.” **4:13** *Noma, “ukungagunci.” #Okuwukuthi, abangafundanga ezikoleni zorabi; akushiwo abangakwazi ukufunda nokubhala.

**4:22** *Noma, “sibonakaliso.” **4:26** *Bheka iSithasiselo A5. #Noma, “noKristu.”

ISAHL. 4
a IzE 7:55
b IzE 3:7
c IzE 3:6
d IzE 2:36
e IzE 2:24; IzE 5:30
f Hu 118:22; Isay 28:16; Mat 21:42; 1Pe 2:7
g Mat 1:21; IzE 10:43; Flp 2:9, 10
h Joh 1:12; Joh 14:6; 1Ti 2:5, 6
i Mat 11:25; 1Ko 1:26, 27
j Joh 7:14, 15
k IzE 3:11
l Luk 21:15
m Joh 11:47

Uhla 2
a IzE 3:9, 10
b IzE 5:40
c IzE 5:29
d Luk 22:2; IzE 5:26
e Eks 20:11; Neh 9:6; Hu 146:6
f 2Sa 23:1, 2
g Hu 2:1, 2

de noPontiyu Pilatu[a] kanye na-
bantu bezizwe nabantu bakwa-
Israyeli babuthana kuleli dolo-
bha bamelana nenceku yakho
engcwele uJesu, owayigcoba,[b]
**28** ukuze benze lokho isandla
nenjongo yakho okwakuku-
nqume kusengaphambili uku-
ba kwenzeke.[c] **29** Manje Je-
hova,* naka izinsongo zabo,
wenze izinceku zakho ziqhube-
ke zikhuluma izwi lakho ngaso
sonke isibindi, **30** kuyilapho
welula isandla sakho ukuze
uphulukise futhi kwenzeka izi-
bonakaliso nezimangaliso[d] ega-
meni lenceku yakho engcwele
uJesu."[e]

**31** Lapho sebenxusile,* inda-
wo ababebuthene kuyo yanya-
kaza, bonke ngothi lwabo ba-
gcwala umoya ongcwele,[f] ba-
khuluma izwi likaNkulunkulu
ngesibindi.[g]

**32** Ngaphezu kwalokho,
kwakunoquqaba lwabafundi,
ababenhliziyonye futhi bem-
phefumulo* munye, akekho
ngisho noyedwa owayethi
noma iyiphi yezinto ayena-
zo yayingeyakhe yedwa, ko-
dwa zonke izinto babezihla-
nganyela ndawonye.[h] **33** Nga-
mandla amakhulu abaphosto-
li baqhubeka benikeza ubufa-
kazi ngokuvuka kweNkosi
uJesu,[i] uNkulunkulu wababo-
nisa bonke umusa wakhe om-
khulu ngesilinganiso esikhulu.
**34** Eqinisweni, akekho owaye-
swele phakathi kwabo,[j] ngoba
bonke ababenamasimu noma
izindlu babekuthengisa balethe
ababekuzuze ngezinto ezithe-
ngisiwe, **35** bakubeke ezinya-
weni zabaphostoli.[k] Kwakube
sekwabelwa lowo nalowo ngo-
kwesidingo sakhe.[a] **36** UJo-
sefa, abaphostoli ababembiza
nangokuthi uBarnaba,[b] (oku-
sho ukuthi uma kuhunyushwa,
"iNdodana Yenduduzo"), um-
Levi, owokuzalwa eKhupro,
**37** wayenesiqephu sendawo,
wasithengisa, waletha imali wa-
yibeka ezinyaweni zabapho-
stoli.[c]

**5** Nokho, indoda ethile, ega-
ma layo lingu-Ananiya, ka-
nye noSafira umkayo, bathe-
ngisa enye yendawo yabo.
**2** Kodwa yayififihla enye ima-
li, umkayo azi ngakho, yale-
tha ingxenye yayo kuphela ya-
yibeka ezinyaweni zabapho-
stoli.[d] **3** Kodwa uPetru wa-
thi: "Ananiya, kungani uSa-
thane ekunike isibindi sokuba
ukhohlise[e] umoya ongcwele[f] fu-
thi ufihle enye imali yensimu?
**4** Ngaphambi kokuba uyithe-
ngise, kwakungeyona yini eya-
kho? Ngemva kokuba isithengi-
siwe, ubungeke yini uyisebe-
nzise ngendlela othanda nga-
yo? Kungani ucabange ukwe-
nza isenzo esifana nalesi enhli-
ziyweni yakho? Awukhohlisa-
nga abantu, ukhohlise uNkulu-
nkulu." **5** Lapho ezwa la ma-
zwi, u-Ananiya wawa phansi
wafa. Bonke abezwa ngakho
bafikelwa ukwesaba okukhulu.
**6** Izinsizwa zasukuma, zamso-
nga ngezindwangu, zamkhiphe-
la ngaphandle, zamngcwaba.

**7** Ngemva kwesikhathi esi-
ngaba amahora amathathu
kwangena umkakhe, engakwa-
zi okwenzekile. **8** UPetru wa-
thi kuye: "Ngitshele, inga-
be nina nobabili nithengise
insimu ngemali engaka?" Wa-
thi: "Yebo, siyithengise ngaleyo
mali." **9** UPetru wathi kuye:
"Kungani nina nobabili ni-
vumelane ngokuvivinya umo-
ya kaJehova?* Bheka! Izinyawo

ISAHL. 4
a Luk 23:12
b Hu 45:7; IzE 10:38
c Isay 53:10; Luk 24:44; IzE 2:23; 1Pe 1:20
d IzE 2:43; IzE 5:12
e IzE 3:16
f IzE 2:2, 4
g 1Th 2:2
h IzE 2:44, 45
i IzE 1:21, 22; IzE 4:2
j IzE 2:44, 45
k IzE 5:1, 2

Uhla 2
a IzE 6:1
b IzE 11:22; IzE 12:25
c Luk 12:33

ISAHL. 5
d IzE 4:34, 35
e Hu 101:7; Efe 4:25; Kol 3:9
f IzE 5:9

---

**4:29; 5:9** *Bheka iSithasiselo A5. **4:31** *Noma, "sebethandaze ngobuqotho." **4:32** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

zalabo abangcwabe umyeni wa-
kho zisemnyango, bazokukhi-
phela ngaphandle.” **10** Ngaso
leso sikhathi wawela ezinya-
weni zakhe wafa. Lapho izi-
nsizwa zingena, zamthola efile,
zamkhiphela ngaphandle, zam-
ngcwaba eceleni komyeni wa-
khe. **11** Ngenxa yalokho lo-
nke ibandla nabo bonke abe-
zwa ngalezi zinto bafikelwa
ukwesaba okukhulu.

**12** Ngaphezu kwalokho, nge-
zandla zabaphostoli kwaqhube-
ka kwenzeka izibonakaliso ezi-
ningi nezimangaliso phakathi
kwabantu;[a] bonke babehlanga-
na ndawonye eMphemeni KaSo-
lomoni.[b] **13** Yiqiniso, akekho
noyedwa kwabanye owaba ne-
sibindi sokuzihlanganisa nabo;
noma kunjalo, abantu babekhu-
luma kahle ngabo. **14** Ngaphe-
zu kwalokho, abakholwa yiNko-
si baqhubeka benezelwa, uqu-
qaba lwamadoda nabesifaza-
ne.[c] **15** Abagulayo baze baba-
khiphela ngisho nasemigwa-
qweni emikhulu, bababeka la-
pho emibhedeni emincane na-
komata, ukuze kuthi lapho uPe-
tru edlula, okungenani isithunzi
sakhe siwele kwabanye babo.[d]
**16** Izixuku zabantu abavela
emadolobheni azungeze iJeru-
salema nazo zazilokhu zithele-
ka, zithwele abantu abagula-
yo nalabo abahlushwa imimoya
emibi, futhi bonke ngothi lwabo
belashwa.

**17** Kodwa umpristi ophake-
me wasukuma, kanye nabo bo-
nke ababenaye beqembu* la-
baSadusi, futhi baba nomo-
na. **18** Babamba* abaphosto-
li babafaka ejele lomphaka-
thi.[e] **19** Kodwa ebusuku, inge-
losi kaJehova* yavula iminya-
ngo yejele,[a] yabakhiphela nga-
phandle yathi: **20** “Hambani
nifike nime ethempelini, niqhu-
beke nikhuluma nabantu nga-
wo wonke amazwi aphathele-
ne nalokhu kuphila.” **21** Nge-
mva kokuzwa lokhu, bangena
ethempelini entathakusa bafu-
ndisa.

Lapho umpristi ophakeme
nalabo ababenaye befika, ba-
bizela ndawonye iSanhedri-
ni nawo wonke umkhandlu wa-
madoda amadala wabantwana
bakwa-Israyeli, bathumela uku-
ba kulandwe abaphostoli ejele
balethwe kubo. **22** Kodwa la-
pho izikhulu zifika lapho, azi-
batholanga ejele. Ngakho za-
buya zabika, **23** zathi: “Si-
thole ijele likhiyiwe livalisisi-
we, onogada bemi eminya-
ngo, kodwa lapho silivula, asi-
tholanga muntu ngaphakathi.”
**24** Nokho lapho induna yethe-
mpeli nabapristi abakhulu be-
zwa la mazwi, badideka ngoku-
thi kazi yini eyayizolandela
ngemva kwalokho. **25** Kodwa
kwafika umuntu othile waba-
bikela wathi: “Amadoda eniwa-
fake ejele asethempelini, ami-
le, afundisa abantu.” **26** Indu-
na yabe isihamba nezikhonzi
zayo yalanda abaphostoli, ko-
dwa hhayi ngodlame, ngoba ba-
besaba ukuthi abantu bazoba-
shaya ngamatshe bababulale.[b]

**27** Ngakho babaletha baba-
misa phambi kweSanhedri-
ni. Umpristi ophakeme **28** wa-
thi kubo: “Siniyale ngokucacile
ukuba ningaqhubeki nifundisa
ngaleli gama,[c] kodwa bhekani!
senigcwalise iJerusalema nge-
mfundiso yenu, nizimisele
ukuletha igazi lalo muntu phe-
zu kwethu.”[d] **29** UPetru naba-
nye abaphostoli baphendula ba-
thi: “Kumele silalele uNkulu-
nkulu njengombusi kunaba-

**ISAHL. 5**
a IzE 4:29, 30; IzE 6:8; IzE 14:3; IzE 15:12; Rom 15:18, 19; 2Ko 12:12
b Joh 10:23; IzE 3:11
c IzE 6:7
d Mat 9:20, 21
e Luk 21:12

**Uhla 2**
a Hu 34:7; IzE 12:7; IzE 16:26; Heb 1:7, 14
b Luk 20:19
c IzE 4:18
d Mat 27:25; IzE 3:14, 15

**5:17** *Noma, “behlelo.” **5:18** *Noma, “Bababopha.” **5:19** *Bheka iSithasiselo A5.

ntu.[a] **30** UNkulunkulu wokho-
kho bethu wamvusa uJesu, ena-
mbulala nina, nimlengisa esi-
gxotsheni.*[b] **31** UNkulunkulu
wamphakamisela kwesokudla
sakhe[c] njengoMmeli Oyinhlo-
ko[d] noMsindisi,[e] ukuze u-Isra-
yeli aphenduke futhi athethe-
lelwe izono.[f] **32** Thina singofa-
kazi balezi zindaba,[g] kanjalo no-
moya ongcwele,[h] lowo uNkulu-
nkulu awunike labo abamlalela-
yo njengombusi."

**33** Lapho bezwa lokhu, ba-
thukuthela kakhulu* bafuna
ukubabulala. **34** Kodwa um-
Farisi ogama lakhe lingu-
Gamaliyeli,[i] wasukuma kuyi-
Sanhedrini; wayengumfundisi
woMthetho ohlonishwa kakhu-
lu yibo bonke abantu, waya-
la ukuba laba bantu ba-
khishelwe ngaphandle isikha-
shana. **35** Wabe esethi kubo:
"Madoda akwa-Israyeli, caba-
ngisisani ngaphambi kokuba
nenze noma yini kulaba ba-
ntu. **36** Ngokwesibonelo, nga-
phambi kwalezi zinsuku kuve-
le uThewuda, ethi yena uwu-
tho, futhi amadoda amaningi,
cishe angu-400, ajoyina iqembu
lakhe. Kodwa wabulawa, bo-
nke ababemlandela bahlakaze-
ka banyamalala. **37** Ngemva
kwakhe, kwavela uJuda wase-
Galile ngezinsuku zokubhalisa,
wanxenxa abantu ukuba ba-
mlandele. Nalowo muntu fu-
thi wafa, bonke ababemlandela
bahlakazeka. **38** Ngakho, nje-
ngoba ngibona izinto ezenzeka-
yo manje, ngithi kini, ningaba-
phazamisi laba bantu, bayeke-
ni. Ngoba uma leli qhinga noma
lo msebenzi uvela kubantu,
uyogumbuqelwa; **39** kodwa
uma uvela kuNkulunkulu, nge-
ke nikwazi ukubagumbuqela.[j]
Ngaphandle kwalokho, kunga-
se kutholakale ukuthi nilwa no-
Nkulunkulu uqobo."[a] **40** Ba-
mlalela, babiza abaphostoli, ba-
bashaya,*[b] babayala ukuba ba-
yeke ukukhuluma ngegama li-
kaJesu, base bebadedela.

**41** Ngakho baphuma pha-
mbi kweSanhedrini, bejabula[c]
ngelungelo lokuhlupheka nge-
nxa yegama likaJesu. **42** Nsu-
ku zonke ethempelini nasendli-
ni ngendlu[d] baqhubeka nga-
phandle kokuyekethisa, befu-
ndisa futhi bememezela izinda-
ba ezinhle ngoKristu, uJesu.[e]

**6** Ngalezo zinsuku, lapho aba-
fundi banda, amaJuda
akhuluma isiGreki aqala uku-
khononda ngamaJuda akhulu-
ma isiHebheru, ngoba abafe-
lokazi bawo babenganakwa la-
pho kwabiwa ukudla nsuku
zonke.[f] **2** Ngakho abayiShumi
Nambili* babiza uquqaba lwa-
bafundi bathi kulo: "Akulungi-
le# ukuba sishiye izwi lika-
Nkulunkulu ukuze sabe ukudla
ematafuleni.[g] **3** Ngakho bafo-
wethu, khethani amadoda ayi-
sikhombisa akhulunyelwa ka-
hle*[h] phakathi kwenu, agcwele
umoya nokuhlakanipha,[i] uku-
ze siwamise phezu kwalo mse-
benzi odingekile;[j] **4** kodwa
thina sizogxila emthandazwe-
ni nasenkonzweni yezwi lika-
Nkulunkulu." **5** Lokhu abaku-
sho kwalujabulisa lonke uquqa-
ba, lwakhetha uStefanu, indo-
da egcwele ukholo nomoya
ongcwele, kanye noFiliphu,[k]
uProkhoro, uNikanori, uThi-
moni, uPharmena noNikola-
wu, umproselithe wase-Anti-
yokiya. **6** Lwabaletha phambi

ISAHL. 5
a Dan 3:17, 18; IzE 4:19, 20
b IzE 2:23, 24
c IzE 2:32, 33; Flp 2:9
d IzE 3:15
e Mat 1:21; Heb 2:10
f Isay 53:11; IzE 2:38; IzE 10:43
g Luk 24:46-48; IzE 1:8
h Joh 15:26
i IzE 22:3
j IzA 21:30

Uhla 2
a IzE 26:14
b Mat 10:17; Mar 13:9
c Mat 5:12; IzE 16:25; Rom 5:3; 2Ko 12:10; Flp 1:29; Heb 10:34; 1Pe 4:13
d IzE 20:20
e IzE 4:31

ISAHL. 6
f IzE 4:34, 35; 1Ti 5:3; Jak 1:27
g Eks 18:17, 18
h IzE 16:1, 2; 1Ti 3:7
i IzE 6:8, 10
j Dut 1:13
k IzE 21:8

**5:30** *Noma, "esihlahleni." **5:33** *Noma, "bahlabeka."

**5:40** *Noma, "bababhambabula." **6:2** *Okuwukuthi, abaphostoli abangu-12. #NgesiGreki, "Akujabulisi." **6:3** *Noma, "anedumela elihle."

kwabaphostoli, ngemva koku-
thandaza, bababeka izandla.[a]
**7** Ngenxa yalokho izwi lika-
Nkulunkulu laqhubeka lisaka-
zeka,[b] isibalo sabafundi sasilo-
khu sanda kakhulu[c] eJerusale-
ma; isixuku esikhulu sabapristi
saba amakholwa.[d]
**8** UStefanu, egcwele umu-
sa waphezulu namandla, we-
nza izimangaliso ezinkulu nezi-
bonakaliso phakathi kwabantu.
**9** Kodwa kweza abantu aba-
thile kulabo okwakuthiwa iqe-
mbu leSinagoge Labakhululi-
we, kanye nabanye baseKhure-
ne nabase-Aleksandriya, naba-
nye abavela eKhilikhiya nase-
Asiya, baphikisana noStefanu.
**10** Kodwa abakwazanga uku-
ma baqine bamelane noku-
hlakanipha nomoya ayekhulu-
ma ngawo.[e] **11** Ngakho ba-
nxenxa amadoda ngasese uku-
ba athi: “Simzwile ekhuluma
izinto ezihlambalazayo ngoMo-
se nangoNkulunkulu.” **12** Ba-
bhebhezela abantu, amadoda
amadala nababhali, beza kuye
ngokushesha, bamthatha nge-
mpoqo bamyisa kuyiSanhedri-
ni. **13** Baletha ofakazi bama-
nga, abathi: “Lo muntu akaye-
ki ukukhuluma izinto ezimele-
ne nale ndawo engcwele ne-
zimelene noMthetho. **14** Ngo-
kwesibonelo, simzwile ethi lo
Jesu umNazaretha uyodiliza le
ndawo futhi ashintshe amasiko
uMose awadlulisela kithi.”
**15** Njengoba bonke labo
abahlezi kuyiSanhedrini bem-
gqolozele, babona ukuthi ubu-
so bakhe babunjengobuso be-
ngelosi.

**7** Kodwa umpristi ophakeme
wathi: “Zinjalo yini lezi zi-
nto?” **2** UStefanu waphendu-
la wathi: “Madoda, bafowethu,
nani bobaba, lalelani. UNku-
lunkulu wenkazimulo wabona-
kala kukhokho wethu u-Abra-
hama ngesikhathi eseMeso-
phothamiya, ngaphambi koku-
ba ahlale eHarana,[a] **3** wathi
kuye: ‘Phuma ezweni lakini na-
sezihlotsheni zakho uye ezwe-
ni engizokutshengisa lona.’[b]
**4** Wabe esephuma ezweni la-
maKhaledi wahlala eHarana.
Ukusuka lapho, ngemva koku-
shona kukayise,[c] uNkulunku-
lu wabangela ukuba ashintshe
indawo yakhe yokuhlala eze
kuleli zwe enihlala kulo ma-
nje.[d] **5** Kodwa alikho ifa amni-
ka lona kulelo zwe, cha, ngisho
nendawo enganela unyawo lwa-
khe; kodwa wathembisa uku-
mnika lona libe ngelakhe ne-
nzalo* yakhe,[e] nakuba ayenga-
kabi namntwana. **6** Ngaphezu
kwalokho, uNkulunkulu wam-
tshela ukuthi inzalo* yakhe ya-
yizoba izifiki ezweni elingelo-
na elayo, nokuthi abantu ba-
khona babeyoyenza izigqila ba-
yihluphe# iminyaka engu-400.[f]
**7** UNkulunkulu wathi, ‘Leso si-
zwe eyoba izigqila zaso ngiyo-
sahlulela,[g] futhi ngemva kwale-
zi zinto iyophuma inikele inko-
nzo engcwele kimi kule nda-
wo.’[h]
**8** “Wamnika nesivumelwano
sokusoka,[i] wazala u-Isaka,[j] wa-
msoka ngosuku luka-8,[k] u-Isa-
ka wazala uJakobe,* uJako-
be wazala izinhloko zeminde-
ni# ezingu-12. **9** Izinhloko ze-
mindeni zaba nomona ngoJo-
sefa,[l] zamthengisa eGibhithe.[m]
Kodwa uNkulunkulu wayena-
ye,[n] **10** wamkhulula kuzo zo-
nke izinsizi zakhe, wamenza
wathola umusa futhi waboni-
sa ukuhlakanipha lapho epha-

**7:5** *NgesiGreki, “nembewu.” **7:6** *NgesiGreki, “imbewu.” #Noma, “ba-
yiphathe kabi.” **7:8** *Noma kunga-
ba, “wenza okufanayo nakuJakobe.”
#Noma, “izinzalamizi.”

ISAHL. 6
*a* Dut 34:9
IzE 8:14, 17
IzE 13:2, 3
1Ti 4:14
1Ti 5:22
2Ti 1:6
*b* IzE 12:24
IzE 19:20
*c* IzE 2:47
*d* Joh 12:42
IzE 15:5
*e* Isay 54:17
Luk 21:15
IzE 6:3

Uhla 2

ISAHL. 7
*a* Gen 11:31
*b* Gen 12:1
*c* Gen 11:32
*d* Gen 12:4, 5
Heb 11:8
*e* Gen 12:7
Gen 13:14, 15
Gen 17:1, 8
*f* Gen 15:13
Eks 12:40
*g* Gen 15:14
*h* Eks 3:12
*i* Gen 17:9, 10
*j* Gen 21:1-3
*k* Gen 21:4
*l* Gen 37:9-11
*m* Gen 37:28
Gen 45:4
*n* Gen 39:2, 3

mbi kukaFaro inkosi yaseGi-
bhithe. Wambeka ukuba abu-
se iGibhithe nayo yonke indlu
yakhe.[a] **11** Kodwa kwaba kho-
na indlala kulo lonke iGibhithe
neKhanani, yebo, usizi olukhu-
lu, okhokho bethu babengaku-
tholi ukudla.[b] **12** Kodwa uJa-
kobe wezwa ukuthi kwaku-
khona ukudla* eGibhithe waye-
sethuma okhokho bethu oko-
kuqala.[c] **13** Lapho beya kho-
na okwesibili, uJosefa watshe-
la abafowabo ukuthi ungubani,
uFaro wawazi umndeni kaJo-
sefa.[d] **14** Ngakho uJosefa wa-
thumela umyalezo wabiza uyise
uJakobe nazo zonke izihlobo
zakhe kuleyo ndawo,[e] sebe-
bonke babengu-75.[f] **15** Nga-
kho uJakobe wehlela eGibhi-
the,[g] washonela khona,[h] kanja-
lo nokhokho bethu.[i] **16** Bayi-
swa eShekemi, babekwa ethu-
neni u-Abrahama ayelithenge
ngemali yesiliva emadodaneni
kaHamori eShekemi.[j]

**17** "Njengoba nje sisondela
isikhathi sokugcwalisa isithe-
mbiso uNkulunkulu ayesime-
mezele ku-Abrahama, isizwe
sakhula futhi sanda kakhulu
eGibhithe, **18** kwaze kwaba
yilapho kuvela enye inkosi eGi-
bhithe, eyayingamazi uJosefa.[k]
**19** Lena yasebenzisa ubuqi-
li ohlangeni lwakithi, yaphoqa
obaba ngokungafanele ukuba
bachaye izinsana zabo engozi-
ni ukuze zingaphili.[l] **20** UMo-
se wazalwa ngaleso sikhathi,
wayemuhle emehlweni kaNku-
lunkulu.* Wanakekelwa# izinya-
nga ezintathu emzini kayise.[m]
**21** Kodwa lapho abazali ba-
khe bephoqeleka ukuba bamla-
hle,[n] indodakazi kaFaro yam-
thatha yamkhulisa njengendo-
dana yayo.[a] **22** Ngakho uMo-
se wafundiswa kukho konke
ukuhlakanipha kwabaseGibhi-
the. Eqinisweni, wayenamandla
ngamazwi nangezenzo zakhe.[b]

**23** "Lapho eba neminyaka
engu-40, waba nesifiso* sokuva-
kashela# abafowabo, abantwa-
na bakwa-Israyeli.[c] **24** Lapho
ebona omunye wabo epha-
thwa kabi, wamvikela, waphi-
ndiselela lowo owayehlukunye-
zwa ngokubulala owaseGibhi-
the. **25** Wayecabanga ukuthi
abafowabo babezoqonda uku-
thi uNkulunkulu wayebasindi-
sa ngesandla sakhe, kodwa
abazange bakuqonde lokho.
**26** Ngosuku olulandelayo wa-
bonakala kubo njengoba ba-
belwa, wazama ukubahlanga-
nisa ngokuthula, ethi: 'Mado-
da, ningabandawonye. Kunga-
ni niphathana kabi?' **27** Ko-
dwa lowo owayephatha kabi
umakhelwane wakhe wamsu-
nduzela eceleni, ethi: 'Uba-
ni okwenze umbusi nomahlu-
leli phezu kwethu? **28** Inga-
be ufuna ukungibulala ngendle-
la obulale ngayo owaseGibhi-
the izolo?' **29** Lapho ezwa lo-
khu, uMose wabaleka wayohlala
ezweni lakwaMidiyani njengesi-
fiki, lapho azala khona amado-
dana amabili.[d]

**30** "Lapho sekudlule iminya-
ka engu-40, ingelosi yabonaka-
la kuye ehlane laseNtabeni iSi-
nayi iselangabini lesihlahla sa-
meva esivuthayo.[e] **31** Lapho
uMose eyibona, wamangala
ngalo mbono. Kodwa njengoba
esondela ukuze awuhlole, kwe-
zwakala izwi likaJehova* lithi:
**32** 'NginguNkulunkulu wokho-
kho benu, uNkulunkulu ka-
Abrahama no-Isaka noJakobe.'[f]

---

**7:12** *Noma, "ukudla okusanhlamvu." **7:20** *Noma, "ngokwaphezulu." #Noma, "Wakhuliswa."

**7:23** *Noma, "wanquma." #Noma, "sokuhlola." **7:31** *Bheka iSithasiselo A5.

---

ISAHL. 7
*a* Gen 41:40-46
*b* Gen 41:54; Gen 42:5
*c* Gen 42:2, 6
*d* Gen 45:1, 16
*e* Gen 45:9-11
*f* Gen 46:27; Dut 10:22
*g* Gen 46:29; Dut 26:5
*h* Gen 49:33
*i* Eks 1:6
*j* Gen 23:16; Eks 13:19; Jos 24:32
*k* Eks 1:7, 8
*l* Eks 1:10, 22
*m* Eks 2:2; Heb 11:23
*n* Eks 2:3

Uhla 2
*a* Eks 2:5, 10
*b* Eks 11:3
*c* Eks 2:11-15
*d* Eks 2:21, 22; Eks 18:2-4
*e* Eks 3:2-10
*f* Eks 3:6; Mar 12:26; Luk 20:37

UMose wathuthumela, akaba-
nge esaba nesibindi sokuqhu-
beka ahlole. **33** UJehova* wa-
thi kuye: 'Khumula izimbada-
da, ngoba indawo omi kuyo
ingcwele. **34** Ngikubonile nge-
mpela ukucindezeleka kwaba-
ntu bami abaseGibhithe, ngiku-
zwile ukububula kwabo[a] futhi
ngehlele ukubakhulula. Manje
woza, ngizokuthuma eGibhi-
the.' **35** Yena lo Mose abam-
phika, bethi: 'Ubani okwenze
umbusi nomahluleli?'[b] nguye
kanye uNkulunkulu amthuma[c]
njengombusi nanjengomkhululi
esebenzisa ingelosi eyabonaka-
la kuye esihlahleni sameva.
**36** Lo muntu wabahola waba-
khipha,[d] wenza izimangaliso
nezibonakaliso eGibhithe[e] na-
soLwandle Olubomvu[f] nasehla-
ne iminyaka engu-40.[g]

**37** "Yilo Mose owathi kuba-
ntwana bakwa-Israyeli: 'UNku-
lunkulu uyonivusela umprofe-
thi onjengami phakathi kwaba-
fowenu.'[h] **38** Nguye lowo owa-
ba phakathi kwebandla ehlane
ekanye nengelosi[i] eyakhuluma
naye[j] eNtabeni iSinayi nokho-
kho bethu, wamukela amazwi
angcwele aphilayo ukuze asini-
ke wona.[k] **39** Okhokho be-
thu benqaba ukumlalela, ba-
msunduzela eceleni,[l] ngezi-
nhliziyo zabo babuyela eGi-
bhithe,[m] **40** bethi ku-Aroni:
'Senzele onkulunkulu abazo-
hamba phambi kwethu. Ngo-
ba asazi ukuthi kwenzeke-
ni kulo Mose, owasihola wa-
sikhipha ezweni laseGibhi-
the.'[n] **41** Ngakho ngalezo zi-
nsuku benza ithole, baletha
umhlatshelo kuleso sithixo, ba-
qala ukuzijabulisa ngemisebe-
nzi yezandla zabo.[o] **42** Nga-
kho uNkulunkulu wabafulathe-
la, wabayeka banikela inko-
nzo engcwele ebuthweni lase-
zulwini,[a] njengoba nje kulo-
tshiwe encwadini yabaProfethi
ukuthi: 'Akumina enanimenze-
la iminikelo nemihlatshelo imi-
nyaka engu-40 ehlane, akunjalo
nina ndlu ka-Israyeli? **43** Ko-
dwa namukela itende likaMo-
loki[b] nenkanyezi kankulunku-
lu uRefani, izithombe enaze-
nza ukuze nizikhulekele. Nge-
nxa yalokho ngizonidingisela
ngaphesheya kweBhabhiloni.'[c]

**44** "Okhokho bethu babene-
tende lobufakazi ehlane, nje-
ngoba nje uNkulunkulu ayala
lapho ekhuluma noMose ukuba
alenze ngokomklamo ayewubo-
nile.[d] **45** Okhokho bethu bali-
thatha, balingenisa noJoshuwa
ezweni lezizwe,[e] lezo uNkulu-
nkulu azixosha phambi kokho-
kho bethu.[f] Lahlala lapha kwa-
ze kwaba izinsuku zikaDa-
vide. **46** Wathola umusa eme-
hlweni kaNkulunkulu, wacela
imvume yokwakhela uNkulu-
nkulu kaJakobe indawo yoku-
hlala.[g] **47** Kodwa nguSolomo-
ni owamakhela indlu.[h] **48** No-
kho, oPhezukonke akahlali ezi-
ndlini ezenziwe ngezandla,[i]
njengoba nje umprofethi esho:
**49** 'Izulu liyisihlalo sami so-
bukhosi,[j] umhlaba uyindawo
yami yokubeka izinyawo.[k] Hlo-
bo luni lwendlu eniyongakhela
yona? kusho uJehova.* Noma,
iphi indawo yami yokuphumu-
la? **50** Yisandla sami esenza
zonke lezi zinto, akunjalo?'[l]

**51** "Madoda anenkani nane-
zinhliziyo ezilukhuni nangala-
leli, ngaso sonke isikhathi ni-
melana nomoya ongcwele; nje-
ngoba kwenza okhokho benu,
nani nenza kanjalo.[m] **52** Yi-
muphi kubaprofethi okhokho
benu abangazange bamshushi-
se?[n] Yebo, bababulala labo aba-

---

**7:33, 49** *Bheka iSithasiselo A5.

**ISAHL. 7**

a Eks 2:23, 24
b Eks 2:14; IzE 7:27
c Eks 4:19
d Eks 12:41
e Eks 7:3
f Eks 14:21, 22; Eks 15:4, 5
g Eks 16:35; Num 14:33, 34
h Dut 18:15; IzE 3:22
i IzE 7:53; Gal 3:19
j Eks 19:3; Dut 5:27
k Eks 21:1; Dut 9:10
l Num 14:3, 4
m Eks 16:3
n Eks 32:1, 23
o Eks 32:4, 6

**Uhla 2**

a 2Kh 17:16
b 1Kh 11:7
c Jer 25:11; Amo 5:25-27
d Eks 25:40
e Dut 3:28; Dut 31:3; Jos 3:14
f Gen 17:1, 8; Jos 23:9; Jos 24:18
g 2Sa 7:2; 1Kr 22:7; Hu 132:1-5
h 1Kh 6:1
i IzE 17:24
j Hu 11:4
k Mat 5:34, 35
l Isay 66:1, 2; Heb 3:4
m Isay 63:10
n 2Kr 36:16

kumemezela kusengaphambili
ukuza kolungile,[a] lowo nina
eseninikele ngaye nambulala,[b]
**53** nina enamukela uMthetho
njengoba wawudluliselwa yizi-
ngelosi[c] kodwa nangawugcina."
**54** Lapho bezwa lezi zi-
nto bathukuthela kakhulu* ezi-
nhliziyweni, baqala ukumqu-
qudela amazinyo. **55** Kodwa
yena, egcwele umoya ongcwe-
le, wagqolozela ezulwini wa-
bona inkazimulo kaNkulunku-
lu, noJesu emi ngakwesoku-
dla sikaNkulunkulu,[d] **56** wa-
thi: "Bhekani! Ngibona amazu-
lu evulekile neNdodana yomu-
ntu[e] imi ngakwesokudla sika-
Nkulunkulu."[f] **57** Babe sebe-
memeza kakhulu ngawo wonke
amazwi abo, babeka izandla
ezindlebeni zabo, bamthelekela
kanye kanye. **58** Ngemva ko-
kumkhiphela ngaphandle kwe-
dolobha, baqala ukumshaya
ngamatshe.[g] Ofakazi[h] babeka
izingubo zabo zangaphandle
ezinyaweni zensizwa okuthi-
wa uSawulu.[i] **59** Njengoba ba-
bemshaya ngamatshe uStefa-
nu, wanxusa wathi: "Nkosi
Jesu, yamukela umoya wami."
**60** Ngemva kwalokho, waguqa
phansi, wakhala ngezwi elikhu-
lu wathi: "Jehova,* ungababale-
li lesi sono."[j] Ngemva kokusho
lokhu, wafa.

**8** USawulu, wakwamukela
ukubulawa kwakhe.[k]
Ngalolo suku kwavela uku-
shushiswa okukhulu kweba-
ndla elaliseJerusalema; bonke
ngaphandle kwabaphostoli ba-
hlakazekela kuzo zonke izi-
funda zaseJudiya naseSamari-
ya.[l] **2** Kodwa amadoda ashise-
kayo amthwala uStefanu ayom-
ngcwaba, futhi amlilela kakhu-
lu. **3** Nokho, uSawulu waqala
ukuphatha ibandla ngesihluku.
Wayehlasela indlu nendlu, ahu-
dulele ngaphandle amadoda
nabesifazane, abayise ejele.[a]
**4** Nokho, labo ababehlaka-
zekile badabula izwe beme-
mezela izindaba ezinhle ze-
zwi likaNkulunkulu.[b] **5** UFili-
phu wehlela edolobheni lase-
Samariya[c] washumayela ngo-
Kristu kulo. **6** Izixuku zazizi-
nakisisa izinto ezazishiwo uFi-
liphu zibe zilalele futhi zibuka
izibonakaliso ayezenza. **7** Ba-
ningi ababenemimoya emibi,
futhi yayikhala ngezwi elikhu-
lu iphume.[d] Ngaphezu kwalo-
kho, abaningi ababekhubazeki-
le nababeyizinyonga belashwa.
**8** Ngakho kwaba nenjabulo
enkulu kulelo dolobha.
**9** Kwakukhona indoda ega-
ma layo linguSimoni kule-
lo dolobha, ngaphambi kwalo-
khu, eyayikade isebenzisa ubu-
ciko bemilingo futhi imangaza
isizwe saseSamariya, ithi yona
ingumuntu omkhulu. **10** Bo-
nke, kusukela komncane kuna-
bo bonke kuye komkhulu ku-
nabo bonke, babeyinaka futhi
bethi: "Lo muntu ungaMandla
kaNkulunkulu abizwa ngokuthi
amaKhulu." **11** Ngakho babe-
yinaka ngoba kwase kuyisikha-
thi eside ibamangaza ngobuci-
ko bayo bemilingo. **12** Kodwa
lapho bekholwa uFiliphu, owa-
yememezela izindaba ezinhle
zoMbuso kaNkulunkulu[e] neze-
gama likaJesu Kristu, amado-
da nabesifazane babebhapathi-
zwa.[f] **13** USimoni naye waba
ikholwa, futhi ngemva koku-
bhapathizwa, waqhubeka eno-
Filiphu;[g] wamangala lapho ebo-
na izibonakaliso nemisebenzi
emikhulu yamandla.
**14** Lapho abaphostoli eJeru-
salema bezwa ukuthi iSamariya
lamukele izwi likaNkulunkulu,[h]

ISAHL. 7
a Mat 23:31
b Isay 53:8; IzE 3:13, 14
c IzE 7:38; Gal 3:19
d Hu 110:1; Mat 26:64
e Dan 7:13
f Rom 8:34
g Lev 24:14, 16; Mat 23:37; Joh 16:2
h Dut 17:7
i IzE 8:1; IzE 22:20
j Mat 5:44

ISAHL. 8
k IzE 7:58
l Mat 10:23; IzE 11:19

Uhla 2
a IzE 9:1, 2; IzE 22:4; IzE 26:10; Gal 1:13; Flp 3:5, 6
b IzE 11:19
c Joh 4:39-42; IzE 1:8
d Mat 10:1; Mar 6:7
e Luk 8:1
f Mat 28:19; IzE 18:8
g IzE 6:5
h IzE 11:1

**7:54** *Noma, "bahlabeka." **7:60** *Bheka iSithasiselo A5.

bathumela kubo uPetru noJo-
hane; **15** behla babathandazela
ukuba bathole umoya ongcwe-
le.[a] **16** Ngoba babebhapathi-
zwe egameni leNkosi uJesu,
kodwa umoya ongcwele wa-
wungakehleli kumuntu kubo.[b]
**17** Babe sebebabeka izandla,[c]
bamukela umoya ongcwele.

**18** Lapho uSimoni ebona
ukuthi umoya unikezwa ngoku-
bekwa izandla ngabaphostoli,
wabathembisa ukubanika ima-
li, **19** wathi: "Nami nginike-
ni leli gunya ukuze kuthi
noma ubani engimbeka iza-
ndla amukele umoya ongcwe-
le." **20** Kodwa uPetru wathi
kuye: "Kwangathi isiliva lakho
lingashabalala kanye nawe,
ngoba ucabange ukuthi unga-
sithola ngemali isipho sesi-
hle sikaNkulunkulu.[d] **21** Awu-
nangxenye nasabelo kule nda-
ba, ngoba inhliziyo yakho ayi-
qondile emehlweni kaNkulu-
nkulu. **22** Ngakho phenduka
kulobu bubi bakho, unxuse
uJehova* ukuba, uma kunge-
nzeka, akuthethelele ngenxa
yomcabango omubi osenhlizi-
yweni yakho; **23** ngoba ngiya-
bona ukuthi uwushevu oba-
bayo* nesigqila sokungalungi."
**24** USimoni wabaphendula wa-
thi: "Nginxuseleni nina kuJe-
hova* ukuze ngingehlelwa yi-
nto eniyishilo."

**25** Ngakho, lapho sebebuni-
keze ngokuphelele ubufakazi
futhi bakhuluma izwi likaJeho-
va,* babuyela emuva ngaseJe-
rusalema, bamemezela izinda-
ba ezinhle emizini eminingi ya-
maSamariya.[e]

**26** Nokho, ingelosi kaJeho-
va*[f] yakhuluma noFiliphu, yathi:
"Sukuma uye eningizimu endle-
leni eyehlayo esuka eJerusale-
ma iye eGaza." (Le ndlela iso-
gwadule.) **27** Ngemva kwalo-
kho wasukuma wahamba, fu-
thi bheka! Kwakukhona umthe-
nwa* ongumTopiya, indoda eya-
yinegunya ingaphansi kukaKha-
ndakhe, indlovukazi yamaTopi-
ya, eyayengamele yonke ingce-
bo yale ndlovukazi. Wayekade
eye eJerusalema eyokhulekela,[a]
**28** wayesebuyela ekhaya, ehle-
zi enqoleni yakhe efunda ngo-
kuzwakalayo incwadi yompro-
fethi u-Isaya. **29** Ngakho umo-
ya wathi kuFiliphu: "Hamba uye
kule nqola." **30** UFiliphu wa-
gijima eceleni kwenqola, wa-
muzwa efunda ngokuzwakala-
yo incwadi ka-Isaya umprofe-
thi, wathi: "Uyakwazi* ngempela
lokho okufundayo?" **31** Wathi:
"Ngingakwazi kanjani nje nge-
mpela ngaphandle kokuba othi-
le angiqondise?" Ngakho wa-
ncenga uFiliphu ukuba agibele
ahlale naye. **32** Yile ingxenye
yemiBhalo ayeyifunda: "Njenge-
mvu walethwa ekuhlatshweni,
nanjengewundlu elithule pha-
mbi komgundi walo, ngakho
akathi vu ngomlomo wakhe.[b]
**33** Phakathi nokuhlaziswa kwa-
khe, akahlulelwanga ngobulu-
ngisa.[c] Ubani oyolandisa imini-
ningwane yesizukulwane sakhe?
Ngoba ukuphila kwakhe kuyasu-
swa emhlabeni."[d]

**34** Umthenwa wabe esethi
kuFiliphu: "Ngicela ungitshe-
le ukuthi lo mprofethi
ukhuluma ngobani lapha? Nga-
ye ngokwakhe noma ngomu-
nye umuntu othile?" **35** UFili-
phu wavula umlomo wakhe,
eqala ngalo mbhalo, wameme-
zela kuye izindaba ezinhle
ngoJesu. **36** Njengoba beha-
mba ngendlela, bafika ema-

---

**8:22, 24-26** *Bheka iSithasiselo A5. **8:23** *NgesiGreki, "uyinyongo ebabayo."

**8:27** *Noma, "isikhulu segceke." **8:30** *Noma, "Uyakuqonda."

**ISAHL. 8**

a Mat 16:19

b IzE 10:47, 48; IzE 19:2, 3

c IzE 6:5, 6; IzE 19:6; 2Ti 1:6

d Mat 10:8; IzE 10:45

e Mat 9:35; IzE 1:8

f Heb 1:7, 14; IsA 14:6

**Uhla 2**

a 2Kr 6:32, 33

b 1Pe 2:23

c Mat 26:59

d Isay 53:7, 8; Dan 9:26; Flp 2:8

nzini, umthenwa wathi: "Bhe-
ka! Nanka amanzi; yini engivi-
mbela ukuba ngibhapathizwe?"
**37** *— **38** Wabe eseyala uku-
ba inqola ime, bobabili uFili-
phu nomthenwa behlela ema-
nzini, wambhapathiza. **39** La-
pho bekhuphuka emanzini,
umoya kaJehova* wamsusa
ngokushesha uFiliphu lapho,
umthenwa akabange esambo-
na, kodwa waqhubeka nendlela
yakhe ejabula. **40** Nokho uFi-
liphu wazithola esese-Ashido-
di, wadabula kuleyo ndawo, wa-
qhubeka ememezela izindaba
ezinhle kuwo wonke amadolo-
bha waze wafika eKhesariya.[a]

**9** Kodwa uSawulu, esaqhu-
beka nokusongela abafundi
beNkosi futhi efuna ukubabu-
lala,[b] waya kumpristi ophake-
me **2** wacela kuye izincwadi
zokuya emasinagogeni eDama-
seku, ukuze abalethe eJerusa-
lema beboshiwe noma yibaphi
abatholayo abangabaleyo Ndle-
la,[c] kokubili amadoda nabesifa-
zane.

**3** Njengoba ehamba esonde-
la eDamaseku, kungazelelwe
kwabanika nxazonke ukukha-
nya okuvela ezulwini,[d] **4** wa-
wela phansi, wezwa izwi lithi
kuye: "Sawulu, Sawulu, ungi-
shushiselani?" **5** Wabuza wa-
thi: "Ungubani wena Nkosi?"
Wathi: "NginguJesu,[e] lowo om-
shushisayo.[f] **6** Vuka uye edo-
lobheni, uzotshelwa okumele
ukwenze." **7** Amadoda ayeha-
mba naye ama ahluleka noku-
khuluma, ewuzwa umsindo we-
zwi kodwa engaboni muntu.[g]
**8** USawulu wavuka, nakuba
amehlo akhe ayevulekile, waye-
ngaboni lutho. Ngakho bamho-
la bembambe ngesandla ba-
myisa eDamaseku. **9** Izinsuku
ezintathu wayengaboni lutho,[a]
akazange adle noma aphuze.

**10** Kwakukhona umfundi
ogama lakhe lingu-Ananiya[b]
eDamaseku, iNkosi yathi kuye
embonweni: "Ananiya!" Wathi:
"Ngilapha Nkosi." **11** INkosi
yathi kuye: "Vuka, uye em-
gwaqweni okuthiwa uQondi-
le, ufune endlini kaJuda umu-
ntu ogama lakhe linguSawulu,
waseTarsu.[c] Njengamanje uya-
thandaza, **12** embonweni
ubone indoda egama layo li-
ngu-Ananiya ingena imbeka
izandla ukuze aphinde abo-
ne."[d] **13** Kodwa u-Ananiya wa-
phendula wathi: "Nkosi, ngi-
zwe abantu abaningi bekhulu-
ma ngalo muntu, bekhulu-
ma ngazo zonke izinto ezi-
mbi azenza kwabangcwele ba-
kho eJerusalema. **14** Njengo-
ba elapha, unegunya elive-
la kubapristi abakhulu lokubo-
pha bonke ababiza igama la-
kho."[e] **15** Kodwa iNkosi yathi
kuye: "Hamba! Ngoba lo mu-
ntu uyisitsha sami engisikhe-
thile[f] ukuba aphathe igama
lami ezizweni[g] nasemakhosini[h]
nakubantwana bakwa-Israyeli.
**16** Ngoba ngizombonisa ngo-
kucacile ukuthi ziningi kanga-
kanani izinto okumele ahluphe-
ke ngazo ngenxa yegama lami."[i]

**17** Ngakho u-Ananiya waha-
mba wangena kuleyo ndlu, wa-
mbeka izandla, wathi: "Sawu-
lu mfowethu, iNkosi uJesu
ebonakale kuwe endleleni obu-
za ngayo, ingithumile uku-
ze uphinde ubone futhi ugcwa-
le umoya ongcwele."[j] **18** Masi-
nyane, okwakubonakala kunje-
ngezimpephelezi kwawa eme-
hlweni akhe, waphinde wabo-
na. Wabe esesukuma wabhapa-
thizwa, **19** wadla wayesetho-
la amandla.

ISAHL. 8
*a* IzE 21:8

ISAHL. 9
*b* IzE 8:3; IzE 22:4; IzE 26:10, 11; Gal 1:13; 1Ti 1:12, 13
*c* IzE 11:26; IzE 22:4
*d* IzE 22:6-11; IzE 26:13-18
*e* 1Ko 15:8
*f* Mat 25:45
*g* IzE 22:9

Uhla 2
*a* IzE 13:11
*b* IzE 22:12
*c* IzE 21:39; IzE 22:3
*d* IzE 9:17
*e* IzE 9:1, 2
*f* IzE 13:2; Rom 1:1; 1Ti 1:12
*g* Rom 1:5; Gal 2:7; 1Ti 2:7
*h* IzE 26:1; IzE 27:24
*i* IzE 20:22, 23; IzE 21:11; 2Ko 11:23-28; Kol 1:24; 2Ti 1:12
*j* IzE 22:12, 13

**8:37** *Bheka iSithasiselo A3. **8:39** *Bheka iSithasiselo A5.

Wahlala nabafundi izinsuku
ezithile eDamaseku,[a] **20** ma-
sinyane waqala ukushumayela
emasinagogeni ngoJesu, uku-
thi lo uyiNdodana kaNkulunku-
lu. **21** Kodwa bonke ababe-
muzwa bamangala, bathi: "Lo
muntu akuyena yini lona owa-
yeshushisa ngonya abaseJeru-
salema ababiza igama lika-
Jesu?[b] Akazelanga yini la-
pha ukuzobabopha abayise ku-
bapristi abakhulu?"[c] **22** Ko-
dwa uSawulu waqhubeka etho-
la amandla nangokwengezi-
we futhi wayewadida amaJuda
ayehlala eDamaseku, njengo-
ba ayebonisa ngokunengqondo
ukuthi lo nguKristu.[d]

**23** Lapho sekudlule izinsu-
ku eziningi, amaJuda akha ice-
bo lokumbulala.[e] **24** Nokho,
uSawulu wezwa ngecebo lawo.
Ayewagadisisa namasango ubu-
suku nemini ukuze ambulale.
**25** Ngakho abafundi bakhe
bamthatha bamehlisa ebusuku
ngembobo esodongeni, beme-
hlisa ngobhasikidi.[f]

**26** Lapho efika eJerusale-
ma,[g] wenza imizamo yoku-
zihlanganisa nabafundi, kodwa
bonke babemesaba, ngoba ba-
bengakholwa ukuthi usengu-
mfundi. **27** Ngakho uBarna-
ba[h] wamsiza, wamhola wa-
myisa kubaphostoli, wabalandi-
sa ngokuningiliziwe ngendlela
ayebone ngayo iNkosi[i] endlele-
ni nokuthi yayikhulume naye,
nangendlela ayekhulume nga-
yo ngesibindi egameni lika-
Jesu eDamaseku.[j] **28** Ngakho
waqhubeka enabo, ezihambe-
la ngokukhululekile* eJerusa-
lema, ekhuluma ngesibindi ega-
meni leNkosi. **29** Wayekhulu-
ma futhi ephikisana nama-
Juda akhuluma isiGreki, ko-
dwa wona enza imizamo yo-
kumbulala.[a] **30** Lapho abafo-
wethu bezwa ngalokhu, bame-
hlisela eKhesariya bamthumela
eTarsu.[b]

**31** Ngempela, ibandla kulo
lonke elaseJudiya naseGalile
naseSamariya[c] langena enka-
thini yokuthula, lakhiwa; isiba-
lo salo saqhubeka sanda nge-
nxa yokuthi lalibonisa ukwesa-
ba uJehova* futhi liphila ngo-
kuvumelana nenduduzo yomo-
ya ongcwele.[d]

**32** Njengoba uPetru ayeha-
mba kuso sonke isifunda, we-
hlela nakwabangcwele ababe-
hlala eLida.[e] **33** Wathola la-
pho umuntu ogama lakhe li-
ngu-Eneya, owayeseneminya-
ka engu-8 elele embhedeni wa-
khe, ngoba wayekhubazekile.
**34** UPetru wathi kuye: "Ene-
ya, uJesu Kristu uyakuphulu-
kisa.[f] Vuka wendlule umbhe-
de wakho."[g] Wavuka masinya-
ne. **35** Lapho bonke abahlala
eLida naseThafeni laseSharoni
bembona, baphendukela eNko-
sini.

**36** EJopha kwakukhona
umfundi ogama lakhe lingu-
Thabitha, elisho ukuthi "Do-
rka,"* uma lihunyushwa. Waye-
nza izinto eziningi ezinhle ne-
zipho eziningi zesihe. **37** Ko-
dwa ngalezo zinsuku wagula
washona. Ngakho bamgeza, ba-
mbeka ekamelweni eliphezulu.
**38** Njengoba iLida laliseduze
kweJopha, lapho abafundi be-
zwa ukuthi uPetru wayekule-
lo dolobha, bathumela amado-
da amabili kuye ukuba amnce-
nge athi: "Sicela uze kithi kho-
na manje." **39** UPetru wasu-
ka wahamba nawo. Lapho efi-

**ISAHL. 9**
a IzE 26:19, 20
b IzE 8:3; Gal 1:13, 23
c IzE 9:1, 2
d IzE 17:2, 3
e IzE 20:2, 3; IzE 23:12; 2Ko 11:23
f 2Ko 11:32, 33
g Gal 1:18
h IzE 4:36, 37
i IzE 9:3, 4; 1Ko 9:1
j IzE 9:19, 20

**Uhla 2**
a 2Ko 11:23, 26
b IzE 11:25; Gal 1:21
c IzE 8:1
d Joh 14:16
e IzE 9:38
f Mat 10:8; IzE 4:9, 10
g IzE 3:6

**9:28** *NgesiGreki, "engena ephuma."

**9:31** *Bheka iSithasiselo A5. **9:36** *Igama lesiGreki elithi Dorka negama lesi-Aramu elithi Thabitha womabili asho "iNyamazane."

ka, amyisa ekamelweni eliphe-
zulu; bonke abafelokazi beza
kuye bekhala futhi bembo-
nisa zonke izingubo* uDorka
ayezenza ngesikhathi esena-
bo. **40** UPetru wabe esekhi-
phela wonke umuntu ngapha-
ndle,[a] eguqa phansi, watha-
ndaza. Ephendukela esidunji-
ni, wathi: “Thabitha, vuka!” Wa-
vula amehlo akhe, lapho ebo-
na uPetru, wavuka wahlala.[b]
**41** UPetru wambamba ngesa-
ndla, wamphakamisa, wayese-
biza abangcwele nabafelokazi,
wababonisa ukuthi useyaphi-
la.[c] **42** Lokhu kwaziwa kulo
lonke elaseJopha, abaningi ba-
kholwa eNkosini.[d] **43** Wahlala
eJopha izinsukwana nomshu-
ki wezikhumba ogama lakhe li-
nguSimoni.[e]

**10** Kwakukhona umuntu
eKhesariya ogama lakhe
linguKorneliyu, isikhulu sebu-
tho* esasiphethe iviyo lase-Ita-
liya.# **2** Wayengumuntu ozini-
kele owesaba uNkulunkulu,
yena nayo yonke indlu yakhe,
wayenzela abantu izipho ezini-
ngi zesihe futhi enxusa njalo
kuNkulunkulu. **3** Cishe nge-
hora lika-9[f] losuku,* wabona
ngokucacile embonweni ingelo-
si kaNkulunkulu ingena iza
kuye ithi: “Korneliyu!” **4** UKo-
rneliyu wayigqolozela, ethuki-
le, wayibuza wathi: “Kwenze-
njani Nkosi?” Yathi kuye: “Imi-
thandazo yakho nezipho zakho
zesihe kunyukile kwaba nje-
ngesikhumbuzo phambi kuka-
Nkulunkulu.[g] **5** Ngakho ma-
nje thuma amadoda eJopha
ubize indoda egama layo lingu-
Simoni ebizwa ngokuthi uPe-
tru. **6** Lo muntu uvakashele*
uSimoni umshuki wezikhumba,
endlini yakhe engasolwandle.”
**7** Lapho nje ingelosi ebikhu-
luma naye ihamba, wabiza izi-
nceku zakhe ezimbili nesosha
elizinikele, **8** wabalandisa ko-
nke, wayesebathuma eJopha.

**9** Ngosuku olulandelayo nje-
ngoba beqhubeka nohambo
lwabo futhi besondela edo-
lobheni, uPetru wakhuphuke-
la phezu kwendlu cishe nge-
hora lesithupha* eyothandaza.
**10** Kodwa walamba kakhulu,
wafuna ukudla. Lapho besalu-
ngisa ukudla, wabona umbo-
no,[a] **11** wabona izulu livule-
kile, kwehla okuthile* oku-
njengendwangu enkulu yeline-
ni yehliselwa emhlabeni nga-
makhona ayo amane; **12** ku-
kho kwakukhona zonke izi-
nhlobo zezilwane ezinezinya-
wo ezine nezinwabuzelayo*
zomhlaba nezinyoni zezulu.
**13** Izwi lathi kuye: “Vuka Pe-
tru, hlaba udle!” **14** Kodwa
uPetru wathi: “Lutho neze
Nkosi, ngoba angikaze ngidle
noma yini engcolile nengahla-
nzekile.”[b] **15** Izwi laphinde la-
khuluma naye okwesibili lathi:
“Yeka ukubiza izinto uNkulu-
nkulu azihlanzile ngokuthi zi-
ngcolile.” **16** Lokhu kwenze-
ka okwesithathu, masinyane
kwanyuselwa* ezulwini.

**17** Ngesikhathi uPetru esa-
didekile ngokuthi lo mbono
ayewubonile ungase usho uku-
thini, ngaso leso sikhathi, ama-
doda ayethunywe uKorneliyu
abuza ukuthi yayikuphi indlu

ISAHL. 9
*a* Luk 8:51
*b* Mat 9:24, 25; Luk 7:14, 15; Joh 11:43, 44
*c* 1Kh 17:23
*d* Joh 11:44, 45
*e* IzE 10:6, 32

ISAHL. 10
*f* IzE 3:1
*g* Hu 65:2

Uhla 2
*a* IzE 11:5-10
*b* Lev 11:4; Lev 11:13-20; Lev 20:25; Dut 14:3, 19; Hez 4:14

**9:39** *Noma, “izingubo zangaphakathi nezangaphandle.” **10:1** *Isikhulu sebutho esiphethe amasosha angu-100. #Ibutho lamaRoma elinamasosha angu-600. **10:3** *Okuwukuthi, ngabo-3:00 ntambama.

**10:6** *Noma, “ubungazwa.” **10:9** *Okuwukuthi, ngabo-12:00 emini. **10:11** *NgesiGreki, “uhlobo oluthile lwesitsha.” **10:12** *Noma, “nezinto ezihuquzelayo.” **10:16** *NgesiGreki, “isitsha sanyuselwa.”

kaSimoni futhi ama lapho esangweni.[a] 18 Amemeza abuza ukuthi uSimoni owayebizwa ngokuthi uPetru wayevakashe khona yini. 19 Njengoba uPetru ayesacabanga ngalo mbono, umoya[b] wathi: "Kukhona amadoda amathathu akufunayo. 20 Vuka, wehlele phansi uhambe nawo, ungangabazi neze, ngoba ngiwathumile." 21 UPetru wehlela phansi kulawo madoda wathi: "Yimina enimfunayo. Nizokwenzani lapha?" 22 Athi: "UKorneliyu,[c] isikhulu sebutho, indoda elungile neyesaba uNkulunkulu futhi ekhulunyelwa kahle yiso sonke isizwe samaJuda, unikwe iziyalezo zaphezulu yingelosi engcwele zokuba athumele ukuba ubizwe uze endlini yakhe, ezwe lokho ozokusho." 23 Ngakho wawamema aba izivakashi zakhe.

Ngosuku olulandelayo wavuka wahamba nawo, nabanye kubazalwane baseJopha bahamba naye. 24 Ngosuku olulandelayo wangena eKhesariya. Njengokulindelekile, uKorneliyu wayebalindele futhi ebize izihlobo zakhe nabangani abaseduze. 25 Njengoba uPetru engena, uKorneliyu wamhlangabeza, wawa phansi ezinyaweni zakhe wamkhothamela. 26 Kodwa uPetru wamphakamisa, wathi: "Vuka; nami ngiwumuntu nje."[d] 27 Njengoba exoxa naye, wangena wathola abantu abaningi behlangene. 28 Wathi kubo: "Nazi kahle ukuthi akukho emthethweni ukuba umJuda azihlanganise nomuntu wolunye uhlanga noma asondele kuye,[e] nokho uNkulunkulu ungibonisile ukuthi akekho umuntu okufanele ngithi kuye ungcolile noma akahlanzekile.[f] 29 Ngakho angalanga lapho kuthunyelwa ukuba ngilandwe. Yingakho ngibuza isizathu sokuthumela kwenu ukuba ngilandwe."

30 UKorneliyu wathi: "Ezinsukwini ezine ezidlule uma ngibala kusukela kuleli hora, bengithandaza endlini yami ngehora lika-9,* kuthe kusenjalo indoda egqoke izingubo ezikhanyayo yama phambi kwami 31 yathi: 'Korneliyu, umthandazo wakho uzwakele, nezipho zakho zesihe zikhunjuliwe phambi kukaNkulunkulu. 32 Ngakho thumela umyalezo eJopha ubize uSimoni, obizwa ngokuthi uPetru. Lo muntu uyisivakashi endlini kaSimoni, umshuki wezikhumba, ohlala ngasolwandle.'[a] 33 Ngabe sengithumela umyalezo kuwe ngaso leso sikhathi, futhi wenze kahle ngokuza lapha. Manje sonke silapha phambi kukaNkulunkulu ukuze sizwe zonke izinto oyalwe nguJehova* ukuba uzisho."

34 UPetru wavula umlomo wakhe wathi: "Manje sengiyaqonda ukuthi uNkulunkulu akakhethi,[b] 35 kodwa ezizweni zonke umuntu omesabayo nowenza okulungile uyamukeleka kuye.[c] 36 UNkulunkulu wathumela izwi lakhe kubantwana bakwa-Israyeli ukuze amemezele kubo izindaba ezinhle zokuthula[d] ngoJesu Kristu —lona uyiNkosi yabo bonke.[e] 37 Niyayazi indaba okwakukhulunywa ngayo kulo lonke elaseJudiya, kusukela eGalile[f] ngemva kobhapathizo uJohane ayeshumayela ngalo: 38 mayelana noJesu waseNazaretha, indlela uNkulunkulu amgcoba ngayo ngomoya ongcwele[g] nangamandla, futhi wali-

ISAHL. 10
a IzE 11:11
b IzE 13:2; IzE 15:28; IzE 16:6; IzE 20:23
c IzE 10:1
d Luk 4:8; IzE 14:12-15; IsA 19:10; IsA 22:8, 9
e Joh 18:28
f IzE 10:45; Efe 3:5, 6

Uhla 2
a IzE 9:43
b Dut 10:17; 2Kr 19:7; Rom 2:11
c Rom 2:13; 1Ko 12:13; Gal 3:28
d Isay 52:7; Nah 1:15
e Mat 28:18; Rom 14:9; IsA 19:11, 16
f Luk 4:14
g Isay 11:2; Isay 42:1; Isay 61:1; Mat 3:16

**10:30** *Okuwukuthi, ngabo-3:00 ntambama. **10:33** *Bheka iSithasiselo A5.

hamba lonke izwe enza oku-
hle, elapha bonke abacinde-
zelwe uDeveli,[a] ngoba uNkulu-
nkulu wayenaye.[b] **39** Thina si-
ngofakazi bazo zonke izinto
azenza kokubili ezweni lamaJu-
da naseJerusalema; kodwa ba-
mbulala ngokumlengisa esigxo-
tsheni.* **40** UNkulunkulu wa-
mvusa lo ngosuku lwesitha-
thu,[c] wamvumela ukuba abo-
nakale, **41** hhayi kubo bonke
abantu, kodwa kofakazi abami-
swa uNkulunkulu kusengapha-
mbili, kithi, esadla futhi saphu-
za naye ngemva kokuvuka kwa-
khe kwabafile.[d] **42** Wasiyala
ukuba sishumayele kubantu, si-
nikeze ubufakazi obuphelele[e]
bokuthi lo nguye uNkulunkulu
anquma ukuba abe umahluleli
wabaphilayo nabafile.[f] **43** Bo-
nke abaprofethi bafakaza nga-
ye,[g] ukuthi wonke umuntu oba
nokholo kuye uthethelelwa izo-
no ngegama lakhe."[h]

**44** Lapho uPetru esakhu-
luma ngalezi zindaba, umo-
ya ongcwele wehlela kubo bo-
nke ababezwa izwi.[i] **45** Ama-
kholwa* asokile ayeze noPe-
tru amangala, ngoba isipho sa-
mahhala somoya ongcwele sa-
sithululelwe naphezu kwaba-
ntu bezizwe. **46** Ngoba babe-
zwa bekhuluma ngezilimi zabe-
zinye izizwe* futhi bedumisa
uNkulunkulu.[j] UPetru wayese-
thi: **47** "Ukhona yini ongenqa-
ba namanzi ukuze bangabhapa-
thizwa[k] laba abamukele umoya
ongcwele njengoba nje nathi si-
wamukele?" **48** Khona manja-
lo wabayala ukuba babhapathi-
zwe egameni likaJesu Kristu.[l]
Khona-ke bamcela ukuba ahla-
le izinsuku ezithile.

**10:39** *Noma, "esihlahleni." **10:45** *Noma, "Abathembekile." **10:46** *NgesiGreki, "ngezilimi."

# 11
Abaphostoli nabazalwa-
ne ababeseJudiya bezwa
ukuthi abantu bezizwe nabo ba-
lamukele izwi likaNkulunkulu.
**2** Ngakho lapho uPetru ekhu-
phukela eJerusalema, abantu
ababenamathele emthethweni
wokusoka[a] baqala ukumgxeka,*
**3** bethi: "Wena ungene endli-
ni yabantu abangasokile wadla
nabo." **4** UPetru wabe eseba-
chazela yonke into wathi:

**5** "Ngangisedolobheni lase-
Jopha ngithandaza, ngabona
umbono, kwehla okuthile* oku-
njengendwangu enkulu yeline-
ni yehliselwa emhlabeni nga-
makhona ayo amane kuvela
ezulwini, kwehla kweza ngqo
kimi.[b] **6** Lapho ngikubukisi-
sa, ngabona izilwane zomhla-
ba ezinezinyawo ezine, izilo za-
sendle, izilwane ezinwabuzela-
yo* nezinyoni zezulu. **7** Nge-
zwa izwi lithi kimi: 'Vuka Pe-
tru, hlaba udle!' **8** Kodwa
ngathi: 'Lutho neze Nkosi, ngo-
ba into engcolile noma
engahlanzekile ayikaze ingene
emlonyeni wami.' **9** Izwi labu-
ya okwesibili livela ezulwi-
ni, laphendula lathi: 'Yeka
ukubiza izinto uNkulunkulu
azihlanzile ngokuthi zingcolile.'
**10** Lokhu kwenzeka okwesi-
thathu, konke kwaphinde kwa-
buyiselwa ezulwini. **11** Ngaso
leso sikhathi, kwakunamado-
da amathathu ayemi endlini
esasihleli kuyo, ethunywe kimi
evela eKhesariya.[c] **12** Umoya
wangitshela ukuba ngihambe
nawo, ngingangabazi neze.
Laba bazalwane abayisithupha
bahamba nami, sangena endli-
ni yaleyo ndoda.

**11:2** *Noma, "ukuphikisana naye." **11:5** *NgesiGreki, "uhlobo oluthile lwesitsha." **11:6** *Noma, "izinto ezihuquzelayo."

**ISAHL. 10**

a Luk 13:16
b Joh 3:1, 2
c Jon 1:17; Jon 2:10; IzE 2:23, 24
d Luk 24:30, 31; Joh 21:13, 14
e Mat 28:19, 20; IzE 1:8
f IzE 17:31; Rom 14:9; 2Ko 5:10; 2Ti 4:1; 1Pe 4:5
g Luk 24:27; IsA 19:10
h Isay 53:11; Jer 31:34; Dan 9:24
i IzE 4:31; IzE 8:14, 15
j IzE 2:1, 4; IzE 19:6
k Mat 3:11; IzE 8:36; IzE 11:17
l Mat 16:19; IzE 2:38

**Uhla 2**

**ISAHL. 11**

a IzE 10:45; Gal 2:12
b IzE 10:10-16
c IzE 10:17-20

**13** “Yasibikela indlela eya-
bona ngayo ingelosi ima endli-
ni yayo ithi: ‘Thuma abantu
eJopha ukuba balande uSimo-
ni obizwa ngokuthi uPetru,[a]
**14** uzokutshela izinto ongase
usindiswe ngazo wena nayo yo-
nke indlu yakho.’ **15** Kodwa
lapho ngiqala ukukhuluma,
umoya ongcwele wehlela phe-
zu kwabo njengoba nje wehle-
la naphezu kwethu ekuqaleni.[b]
**16** Ngabe sengikhumbula ama-
zwi eNkosi, yayivame ukuthi:
‘UJohane wabhapathiza nga-
manzi,[c] kodwa nina nizobha-
pathizwa ngomoya ongcwele.’[d]
**17** Ngakho-ke, uma uNkulu-
nkulu ebanike isipho sesihle
esifanayo naleso asinika sona
thina esiye sakholwa eNkosi-
ni uJesu Kristu, bengingubani
mina ukuba ngime endleleni*
kaNkulunkulu?”[e]

**18** Lapho bezwa lezi zinto,
bayeka ukuphikisa,* bakhazi-
mulisa uNkulunkulu, bethi:
“Kusobala ukuthi uNkulunkulu
unike nabantu bezizwe ithuba
lokuphenduka ngenjongo yoku-
ba bathole ukuphila.”[f]

**19** Labo ababehlakazwe[g] usi-
zi olwaqubuka ngoStefanu ba-
hamba baze bayofika eFeni-
ke, eKhupro nase-Antiyokiya,
kodwa beshumayela kumaJu-
da kuphela.[h] **20** Nokho, ama-
nye amadoda phakathi kwa-
bo avela eKhupro naseKhure-
ne afika e-Antiyokiya ashuma-
yeza abantu abakhuluma isi-
Greki, ememezela izindaba ezi-
nhle zeNkosi uJesu. **21** Nga-
phezu kwalokho, isandla sikaJe-
hova* sasinawo, isibalo esikhu-
lu saba amakholwa saphenduke-
la eNkosini.[i]

**22** Umbiko ophathelene na-
bo wafika ezindlebeni zeba-
ndla laseJerusalema, lathu-
mela uBarnaba[a] e-Antiyokiya.
**23** Lapho efika, ebona umu-
sa omkhulu kaNkulunkulu,
wajabula wabakhuthaza bo-
nke ukuba baqhubeke beqo-
tho eNkosini;[b] **24** ngoba wa-
yeyindoda enhle negcwele umo-
ya ongcwele nokholo. Kwaneze-
lwa isixuku esikhulu eNkosini.[c]
**25** Ngakho waya eTarsu eyofu-
na uSawulu yonke indawo.[d]
**26** Lapho esemtholile, wa-
mletha e-Antiyokiya. Kwaphe-
la unyaka wonke behlangana
ndawonye nabo ebandleni ba-
fundise isixuku esikhulu impe-
la, kwaqala e-Antiyokiya ukuba
abafundi babizwe ngokuthi
amaKristu, ngokuvumelana ne-
ntando kaNkulunkulu.[e]

**27** Kulezo zinsuku, abapro-
fethi[f] behlela e-Antiyokiya be-
vela eJerusalema. **28** Omu-
nye wabo ogama lakhe li-
ngu-Agabu[g] wasukuma wabike-
zela ngomoya ukuthi kukhona
indlala enkulu eyayizokwehle-
la wonke umhlaba,[h] eyaba
khona ngempela esikhathini si-
kaKlawudiyu. **29** Ngakho aba-
fundi banquma, yilowo nalo-
wo ngokwalokho ayenamandla
okukwenza,[i] ukuba bathumele*
usizo[j] kubazalwane abahlala
eJudiya; **30** lokhu bakwenza,
beluthumela emadodeni ama-
dala besebenzisa uBarnaba no-
Sawulu.[k]

**12** Cishe ngaleso sikhathi
uHerode inkosi waqala
ukuphatha kabi amanye amalu-
ngu ebandla.[l] **2** Wabulala uJa-
kobe umfowabo kaJohane[m]
ngenkemba.[n] **3** Lapho ebona
ukuthi lokhu kwakuwajabuli-
sa amaJuda, waqhubeka wabo-

---

**11:17** *Noma, “ngiphazamise.” **11:18** *NgesiGreki, “bathula.” **11:21** *Bheka iSithasiselo A5.

**11:29** *Noma, “benze inkonzo yokuthumela.”

---

**ISAHL. 11**

a IzE 10:30-33

b IzE 2:1, 4; IzE 10:44, 45

c Mat 3:11; Mar 1:8; Luk 3:16; IzE 1:5

d Jow 2:28; Joh 1:33; IzE 2:17

e IzE 10:47

f Isay 11:10; IzE 17:30; Rom 10:12; Rom 15:8, 9

g IzE 8:1

h Mat 10:5, 6

i IzE 2:47; IzE 9:35

**Uhla 2**

a IzE 4:36, 37

b IzE 13:43; IzE 14:21, 22

c IzE 2:47; IzE 4:4; IzE 5:14; IzE 9:31

d IzE 21:39

e IzE 9:2

f 1Ko 12:28; Efe 4:11

g IzE 21:10, 11

h Mat 24:7

i 2Ko 8:12

j Gal 2:10

k IzE 12:25

**ISAHL. 12**

l Joh 15:20

m Mat 4:21

n Mat 20:20-23; Luk 11:49

pha noPetru. (Lokhu kwenzeka ngezinsuku zeSinkwa Esingenamvubelo.)[a] **4** Wambamba, wamfaka ejele,[b] emnikela emasosheni amane ayezomgada ededelana kane ngosuku, ehlose ukumkhiphela kubantu* ngemva kwePhasika. **5** Ngakho uPetru wayegcinwe ejele, kodwa ibandla lalimthandazela kakhulu kuNkulunkulu.[c]

**6** Lapho uHerode esezomkhipha, ngalobo busuku uPetru wayelele eboshwe ngamaketanga amabili phakathi kwamasosha amabili, kukhona onogada phambi komnyango begade ijele. **7** Ingelosi kaJehova* yayimi lapho,[d] kwakhanya esitokisini. Yashaya uPetru ohlangothini, yamvusa, yathi: "Vuka masinyane!" Amaketanga awa ezandleni zakhe.[e] **8** Ingelosi yathi kuye: "Gqoka* ufake izimbadada zakho." Wenza kanjalo. Ekugcineni yathi kuye: "Gqoka ingubo yakho yangaphandle ungilandele."# **9** Waphuma wayilandela, kodwa engazi ukuthi lokho okwakwenziwa yingelosi kwakwenzeka ngempela. Eqinisweni, wayecabanga ukuthi ubona umbono. **10** Bedlula onogada bokuqala nabesibili, bafika esangweni lensimbi eliholela edolobheni, lazivulekela ngokwalo phambi kwabo. Ngemva kokuba sebephumile baqhubekela ezansi ngomgwaqo owodwa, masinyane ingelosi yahamba yamshiya. **11** UPetru, esanguluka, wathi: "Manje sengiyazi ngempela ukuthi uJehova* uthumele ingelosi yakhe wangikhulula esandleni sikaHerode nakukho konke amaJuda ayelindele ukuba kwenzeke."[a]

**12** Ngemva kokubona lokhu, waya endlini kaMariya unina kaJohane owayebizwa ngokuthi uMarku,[b] lapho kwakuhlangene khona ndawonye abaningana bethandaza. **13** Lapho engqongqoza esangweni, intombazane eyinceku egama layo linguRoda yeza izobheka. **14** Lapho izwa ukuthi yizwi likaPetru, yajabula kakhulu kangangokuba ayilivulanga isango, kodwa yagijima yangena ngaphakathi, yabika ukuthi uPetru wayemi esangweni. **15** Bathi kuyo: "Uyahlanya." Kodwa yaphikelela ithi uyena. Bathi: "Yingelosi yakhe." **16** Kodwa uPetru wasala lapho engqongqoza. Lapho bevula umnyango, bambona futhi bamangala. **17** Kodwa wababonisa ngesandla ukuba bathule, wabalandisa ngokuningiliziwe indlela uJehova* ayemkhiphe ngayo ejele, wathi: "Bikelani uJakobe[c] nabafowethu lezi zinto." Ngemva kwalokho waphuma wahamba waya kwenye indawo.

**18** Lapho sekusile, kwaba khona isiyaluyalu esikhulu phakathi kwamasosha ngokuthi kwakwenzekeni ngoPetru. **19** UHerode wamfuna phansi phezulu, lapho engamtholi, waphenya onogada ngemibuzo, wayala ukuba bathathwe bayojeziswa;[d] wasuka eJudiya wehlela eKhesariya wahlala khona isikhathi esithile.

**20** UHerode wayebathukuthelele* abantu baseThire nabaseSidoni. Ngakho beza kuye benenjongo eyodwa, ngemva kokuthonya uBlastu, umuntu

**12:4** *Noma, "ukumkhipha ukuze kuthethwe icala phambi kwabantu." **12:7, 11, 17** *Bheka iSithasiselo A5. **12:8** *Noma, "Bhinca." #Noma, "uqhubeke ungilandela."

**12:20** *Noma, "wayesesimweni sokulwa."

ISAHL. 12
*a* Eks 12:15; Eks 23:15; Lev 23:6
*b* Luk 21:12
*c* 2Ko 1:11
*d* Hu 34:7; Heb 1:7, 14
*e* IzE 5:18, 19

Uhla 2
*a* 2Pe 2:9
*b* IzE 13:5; IzE 15:37, 38; Kol 4:10
*c* Mat 13:55; IzE 15:13; IzE 21:18; 1Ko 15:7; Gal 1:19; Gal 2:9
*d* IzE 16:27

owayephethe izindaba zomuzi
wenkosi,* banxusa ukuba kube
nokuthula, ngoba izwe labo
lalinikwa ukudla okwakuve-
la ezweni lenkosi. **21** Ngosu-
ku oluthile olumisiwe, uHerode
wagqoka izingubo zasebukhosi-
ni, wahlala esihlalweni sokwa-
hlulela, wethula inkulumo ku-
bantu. **22** Abantu ababehla-
ngene bamemeza bathi: “Yizwi
likankulunkulu, akulona elo-
muntu!” **23** Ngaso leso sikha-
thi ingelosi kaJehova* yamsha-
ya ngoba akanikanga uNkulu-
nkulu inkazimulo, wadliwa izi-
bungu wafa.

**24** Kodwa izwi likaJehova*
laqhubeka likhula futhi lisaka-
zeka.[a]

**25** UBarnaba[b] noSawulu,
ngemva kokuwufeza ngoku-
gcwele umsebenzi wokunike-
za usizo eJerusalema,[c] babu-
ya bathatha uJohane,[d] obizwa
nangokuthi uMarku, bahamba
naye.

**13** E-Antiyokiya kwakukho-
na abaprofethi nabafu-
ndisi ebandleni lakhona:[e] UBa-
rnaba, uSimeyoni owayebizwa
ngokuthi uNigeri, uLukiyu wa-
seKhurene, uManayeni owa-
funda noHerode umbusi we-
sifunda, noSawulu. **2** Njengo-
ba babekhonza[#] uJehova*
futhi bezila ukudla, umoya
ongcwele wathi: “Ngihlukanise-
leni uBarnaba noSawulu[f] uku-
ze benze umsebenzi engibabi-
zele wona.”[g] **3** Ngemva koku-
zila ukudla nokuthandaza, ba-
babeka izandla babahambisa.

**4** Ngakho la madoda, ethu-
nywe umoya ongcwele, ehle-
la eSelukiya, asuka lapho aha-
mba ngomkhumbi aya eKhu-
pro. **5** Lapho efika eSalami,
amemezela izwi likaNkulunku-
lu emasinagogeni amaJuda.
Ayehamba noJohane eyisikho-
nzi sawo.*[a]

**6** Lapho esesidabule sonke
isiqhingi aze afika ePhafu,
ahlangana nendoda engumJu-
da egama layo linguBarjesu,
eyayingumthakathi nomprofe-
thi wamanga. **7** Yayikanye
nomphathi-sifundazwe* uSe-
rgiyu Pawulu, indoda ekhali-
phile. Le ndoda yabiza uBarna-
ba noSawulu ngoba yayilanga-
zelela ukuzwa izwi likaNkulu-
nkulu. **8** Kodwa u-Eluma um-
thakathi (ngoba yileyo ndlela
igama lakhe elihunyushwa nga-
yo) wabaphikisa, ezama ukwe-
nza umphathi-sifundazwe afu-
lathele ukholo. **9** USawulu,
obizwa nangokuthi uPawulu,
egcwala umoya ongcwele, wa-
mbukisisa **10** wathi: “O mu-
ntu ogcwele yonke inhlobo yo-
kukhohlisa nayo yonke inhlo-
bo yobugebengu, wena ndoda-
na kaDeveli,[b] wena sitha sa-
kho konke okulungile, ku-
ngani uqhubeka usonta izi-
ndlela zikaJehova* ezilungile?
**11** Bheka! Isandla sikaJehova*
siphezu kwakho, uzoba yimpu-
mputhe, ungakuboni ukukha-
nya kwelanga isikhathi esithi-
le.” Ngaso leso sikhathi kwe-
hlela phezu kwakhe inkungu
nobumnyama, wahamba efuna
umuntu ozomhola ngesandla.
**12** Lapho umphathi-sifunda-
zwe ebona lokho okwakwenze-
kile, waba yikholwa, ngoba wa-
khexa ngenxa yemfundiso ka-
Jehova.*

**13** UPawulu nabangani ba-

---

**12:20** *NgesiGreki, “zegumbi lokulala lenkosi.” **12:23, 24; 13:2, 10-12** *Bheka iSithasiselo A5. **13:2** #Noma, “babekhonza obala.”

**13:5** *Noma, “engumsizi.” **13:7** *Umbusi wesifundazwe ongumRoma. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

---

ISAHL. 12
a IzE 6:7 IzE 19:20 Kol 1:6
b IzE 4:36, 37
c IzE 11:29, 30
d IzE 13:5 IzE 15:37, 38

ISAHL. 13
e 1Ko 12:28 Efe 4:11, 12
f IzE 9:15
g 1Ti 2:7

Uhla 2
a IzE 12:25
b Joh 8:44

khe bathatha uhambo lwasolwandle besuka ePhafu bafika ePherga ePhamfiliya. Kodwa uJohane[a] wabashiya wabuyela eJerusalema.[b] **14** Nokho, baqhubeka besuka ePherga bafika e-Antiyokiya ePhisidiya. Bangena esinagogeni[c] ngosuku lweSabatha, bafike bahlala phansi. **15** Ngemva kokufundwa koMthetho[d] nezincwadi zabaProfethi eningini, izikhulu ezengamele zesinagoge zathumela umyalezo kubo, zathi: “Madoda, bafowethu, uma ekhona amazwi akhuthazayo enifuna ukuwasho kubantu, wakhulumeni.” **16** Ngakho uPawulu wasukuma, wenza uphawu ngesandla lokuba bathule, wathi:

“Madoda, ma-Israyeli nani nina abanye enesaba uNkulunkulu, lalelani. **17** UNkulunkulu walesi sizwe sakwa-Israyeli wakhetha okhokho bethu, waphakamisa lesi sizwe ngesikhathi siphila njengezifiki ezweni laseGibhithe, wasikhipha ngengalo enamandla.*[e] **18** Enkathini ecishe ibe iminyaka engu-40, wabekezelela izenzo zaso ehlane.[f] **19** Ngemva kokubhubhisa izizwe eziyisikhombisa ezweni laseKhanani, izwe lazo walaba njengefa.[g] **20** Konke lokho kwakuphakathi neminyaka ecishe ibe ngu-450.

“Ngemva kwalokho wasinika abahluleli kwaze kwaba uSamuweli umprofethi.[h] **21** Kodwa ngemva kwalokho safuna inkosi,[i] uNkulunkulu wasinika uSawule indodana ka-Kishi, indoda yesizwe sakwa-Bhenjamini,[j] iminyaka engu-40. **22** Ngemva kokumsusa, wasivezela uDavide njengenkosi,[k] afakaza ngaye wathi: ‘Ngithole uDavide indodana kaJese,[a] umuntu ojabulisa inhliziyo yami;[b] uzokwenza zonke izinto engizifisayo.’ **23** Ngokwesithembiso sakhe, enzalweni* yalo muntu, uNkulunkulu ulethe umsindisi ku-Israyeli, uJesu.[c] **24** Ngaphambi kokufika kwalowo, uJohane wayeshumayele obala kubo bonke abantu bakwa-Israyeli ngobhapathizo njengesibonakaliso sokuphenduka.[d] **25** Kodwa njengoba uJohane ayeqeda inkambo yakhe, wayethi: ‘Nicabanga ukuthi ngingubani? Angiyena.* Kodwa bhekani! Uyeza emva kwami lowo engingakufanelekeli ukuqaqa amabhande ezimbadada zakhe.’[e]

**26** “Madoda, bazalwane, nina nzalo yomndeni ka-Abrahama nalabo abanye phakathi kwenu abesaba uNkulunkulu, izwi lale nsindiso lithunyelwe kithi.[f] **27** Ngoba abahlala eJerusalema nababusi babo abamamukelanga lo,* kodwa lapho bemahlulela, bagcwalisa izinto ezashiwo abaProfethi,[g] okuyizinto ezifundwa ngokuzwakalayo ngawo wonke amasabatha. **28** Nakuba bengatholanga sizathu sokuba afe,[h] bathi kuPilatu makabulawe.[i] **29** Lapho sebefeze zonke izinto ezalotshwa ngaye, bamehlisa esigxotsheni* bambeka ethuneni.[j] **30** Kodwa uNkulunkulu wamvusa kwabafile,[k] **31** uJesu wabonakala izinsuku eziningi kulabo ababekhuphuke naye besuka eGalile beya eJerusalema. Laba sebengofakazi bakhe kubantu.[l]

**32** “Ngakho simemezela kini

**13:17** *Noma, “ephakanyisiwe.”

**13:23** *NgesiGreki, “embewini.” **13:25** *Okuwukuthi, uKristu. **13:27** *Okuwukuthi, uJesu. **13:29** *Noma, “esihlahleni.”

**ISAHL. 13**
- *a* IzE 12:12
- *b* IzE 15:37, 38
- *c* IzE 17:1, 2; IzE 18:4; IzE 19:8
- *d* IzE 15:21
- *e* Eks 6:1, 6; Dut 7:6, 8
- *f* Eks 16:35; Num 14:33, 34
- *g* Dut 7:1; Jos 14:1, 2
- *h* Hlu 2:16; 1Sa 3:20
- *i* 1Sa 8:4, 5
- *j* 1Sa 10:21; 1Sa 11:15
- *k* 1Sa 16:12, 13; Hu 89:20

**Uhla 2**
- *a* 1Sa 16:1
- *b* 1Sa 13:13, 14
- *c* 2Sa 7:12; Isay 11:1; Luk 1:31, 32; Luk 1:68, 69
- *d* Mat 3:1, 6
- *e* Mat 3:11; Luk 3:16
- *f* Mat 10:5, 6; Luk 24:47, 48
- *g* Isay 53:7, 8
- *h* Mat 26:59, 60; Luk 23:13-15; Joh 19:4
- *i* Mat 27:22, 23; Joh 19:15
- *j* Mat 27:59, 60; Joh 19:40-42
- *k* Mat 28:5, 6; IzE 2:24
- *l* Mat 28:16; IzE 1:3; IzE 3:15; 1Ko 15:4-7

izindaba ezinhle mayelana ne-
sithembiso esenziwa ko-
khokho. **33** UNkulunkulu usi-
gcwalise ngokuphelele kithi,
thina bantwana babo, ngoku-
vusa uJesu;[a] njengoba nje
kulotshiwe ehutsheni lesibi-
li: 'Wena uyindodana yami; na-
muhla ngikuzele.'[b] **34** UNku-
lunkulu wamvusa kwabafile,
wamnika umzimba ongasoze
wonakala, uNkulunkulu waku-
qinisekisa ukuthi kuyiqiniso lo-
khu lapho ethi: 'Ngizoniboni-
sa uthando oluqotho engalu-
thembisa uDavide, lesi sithe-
mbiso siqinisekile.'[c] **35** Nga-
kho kuphinde kuthiwe kwe-
linye ihubo: 'Ngeke umvumele
oqotho wakho abone ukonaka-
la.'[d] **36** UDavide yena wanike-
la inkonzo engcwele kuNkulu-
nkulu* esizukulwaneni sakhe,
wafa wangcwatshwa nokhokho
bakhe, umzimba wakhe wa-
bona ukonakala.[e] **37** Ngako-
lunye uhlangothi, lowo uNku-
lunkulu amvusa akakubonanga
ukonakala.[f]

**38** "Ngakho makwazeke kini
bafowethu ukuthi ukuthethe-
lelwa kwezono kumenyezelwa
kini ngaye lo,*[g] **39** nokuthi
kukho konke okwakungenaku-
shiwo ukuthi aninacala ku-
kho ngoMthetho KaMose,[h] wo-
nke umuntu okholwayo kuthi-
wa akanacala kukho ngaye lo.[i]
**40** Ngakho-ke qaphelani uku-
ba lokho okushiwo kubaProfe-
thi kunganehleli: **41** 'Kubhe-
keni nina baklolodi, nimanga-
le, nishabalale, ngoba ngenza
umsebenzi ezinsukwini zenu,
umsebenzi eningasoze nawu-
kholwa ngisho noma umuntu
enilandisa wona ngokuningili-
ziwe.'"[j]

**42** Lapho bephuma, aba-
ntu babancenga ukuba ba-
khulume ngalezi zindaba nge-
Sabatha elilandelayo. **43** Nga-
kho ngemva kokuba umkha-
ndlu wesinagoge usuhlakazeki-
le, abaningi kumaJuda naku-
maproselithe ayekhonza uNku-
lunkulu balandela uPawulu no-
Barnaba, labo abathi lapho be-
khuluma nabo babakhuthaza
ukuba bahlale emseni omkhulu
kaNkulunkulu.[a]

**44** NgeSabatha elilandela-
yo, cishe lonke idolobha la-
buthana ndawonye ukuze li-
zwe izwi likaJehova.* **45** La-
pho amaJuda ebona izixu-
ku, agcwala umhawu fu-
thi aziphikisa ngokuhlambala-
za izinto ezazishiwo uPawulu.[b]
**46** Ngakho, uPawulu noBarna-
ba bakhuluma nabo ngesibindi
bathi: "Kwakudingekile uku-
ba izwi likaNkulunkulu likhu-
lunywe kini kuqala.[c] Njengo-
ba nilenqaba futhi ningazahlu-
leli njengabafanelwe ukuphila
okuphakade, bhekani! siphe-
ndukela ezizweni.[d] **47** Ngoba
uJehova* usiyale ngala mazwi:
'Ngikumise ukuba ube ukukha-
nya kwezizwe, ukuba ube yinsi-
ndiso kuze kube semaphathe-
lweni omhlaba.'"[e]

**48** Lapho labo bezizwe be-
kuzwa lokhu, baqala ukuja-
bula nokukhazimulisa izwi li-
kaJehova,* bonke labo aba-
benesimo esihle sengqondo
esasiyobenza bathole ukuphila
okuphakade baba amakholwa.
**49** Ngaphezu kwalokho, izwi li-
kaJehova* lalisakazwa kulo lo-
nke lelo zwe. **50** Kodwa ama-
Juda agqugquzela abesifazane
abavelele ababesaba uNkulu-
nkulu namadoda avelele edolo-
bha, babangela ukuba uPawulu

**ISAHL. 13**
*a* Rom 1:4
*b* Hu 2:7; Heb 1:5; Heb 5:5
*c* Isay 55:3
*d* Hu 16:10; IzE 2:31
*e* IzE 2:29
*f* IzE 2:27
*g* Luk 24:46, 47; IzE 5:31; IzE 10:43
*h* Heb 10:1
*i* Isay 53:11; Rom 3:28; Rom 5:18; Rom 8:3; Heb 7:19
*j* Hab 1:5

**Uhla 2**
*a* IzE 11:23; IzE 14:21, 22
*b* IzE 14:1, 2; IzE 17:4, 5
*c* Mat 10:5, 6; IzE 3:25, 26; Rom 1:16
*d* Luk 2:29-32; IzE 18:5, 6; Rom 10:19
*e* Isay 49:6; IzE 1:8

**13:36** *Noma, "wenza intando kaNkulunkulu." **13:38** *Noma, "ngokufa kwalo muntu."

**13:44, 47-49** *Bheka iSithasiselo A5.

noBarnaba bashushiswe,[a] ba-
baxoshela ngaphandle kwemi-
ngcele yabo. **51** Ngakho baba-
thintithela uthuli lwezinyawo
zabo baya e-Ikoniyu.[b] **52** Aba-
fundi baqhubeka begcwala
injabulo[c] nomoya ongcwele.

**14** E-Ikoniyu bangena ka-
nyekanye esinagogeni la-
maJuda, bakhuluma ngendlela
eyenza ukuba uquqaba lwama-
Juda namaGreki lube amakho-
lwa. **2** Kodwa amaJuda aye-
ngazange akholwe agqugquze-
la abantu bezizwe futhi aba-
thonya ukuba bamelane na-
bazalwane.[d] **3** Ngakho bachi-
tha isikhathi eside bekhuluma
ngesibindi begunyazwe uJeho-
va,* owafakazela izwi lomu-
sa wakhe omkhulu ngokuvu-
mela ukuba kwenziwe izibo-
nakaliso nezimangaliso ngabo.[e]
**4** Nokho, uquqaba lwedolo-
bha lwahlukana phakathi; aba-
nye baba ngakumaJuda kodwa
abanye baba ngakubaphostoli.
**5** Lapho abantu bezizwe kanye
namaJuda nababusi bawo be-
nza umzamo wokuba baba-
hlazise futhi babashaye nga-
matshe,[f] **6** batshelwa ngakho,
babalekela emadolobheni ase-
Likawoniya, eListra naseDe-
rbe nasezindaweni eziseduze.[g]
**7** Baqhubeka bememezela izi-
ndaba ezinhle lapho.

**8** EListra kwakunendoda
eyayihlezi phansi ikhubazekile
ezinyaweni. Yayikhubazeke ku-
sukela izalwa, ingakaze nhlobo
ihambe. **9** Le ndoda yayilalele
njengoba uPawulu ekhuluma.
UPawulu, owayeyigqolozele fu-
thi ebona ukuthi inokholo lo-
kuthi ingaphiliswa,[h] **10** wathi
ngezwi elikhulu: "Sukuma ume
ngezinyawo zakho." Ngakho le
ndoda yagxuma yaqala ukuha-
mba.[a] **11** Lapho izixuku zibo-
na lokho uPawulu ayekwenzi-
le, zamemeza ngolimi lwesiLi-
kawoniya zathi: "Onkulunkulu
sebenjengabantu futhi behle-
le kithi!"[b] **12** Babiza uBarna-
ba ngokuthi uZeyusi, uPawu-
lu bambiza ngokuthi uHermesi,
njengoba kwakunguye owaye-
hola ekukhulumeni. **13** Um-
pristi kaZeyusi, othempeli la-
khe laliphambi kwesango ledo-
lobha, waletha izinkunzi nemi-
gexo yezimbali emasangweni,
yena nesixuku babefuna ukwe-
nza imihlatshelo.

**14** Nokho, lapho abaphosto-
li uBarnaba noPawulu be-
zwa ngakho, baklebhula izingu-
bo zabo bagxumela esixukwi-
ni, bememeza bethi: **15** "Ma-
doda, kungani nenza lezi zi-
nto? Nathi singabantu abano-
buthakathaka obufana nobe-
nu.[c] Simemezela izindaba ezi-
nhle kini, ukuba niphendu-
ke kulezi zinto eziyize niphe-
ndukele kuNkulunkulu ophi-
layo, owenza izulu nomhla-
ba nolwandle nakho konke
okukukho.[d] **16** Ezizukulwane-
ni ezidlule wavumela zonke izi-
zwe ukuba ziqhubeke nge-
zindlela zazo,[e] **17** ngokwenza
izinto ezinhle wanibonisa uku-
thi ungubani,[f] eninika izimvula
ezivela ezulwini nezinkathi ezi-
nezithelo,[g] enanelisa ngokudla,
egcwalisa izinhliziyo zenu ngo-
kwenama okukhulu."[h] **18** Ko-
dwa naphezu kokusho lezi zi-
nto, abakutholanga kulula uku-
vimba izixuku ukuba zibenzele
umhlatshelo.

**19** Kodwa kwafika amaJu-
da evela e-Antiyokiya nase-
Ikoniyu athonya izixuku,[i] zasha-
ya uPawulu ngamatshe zamhu-
dulela ngaphandle kwedo-
lobha, zicabanga ukuthi ufi-
le.[j] **20** Nokho, lapho abafundi

---

**14:3** *Bheka iSithasiselo A5.

**ISAHL. 13**
*a* Mat 23:34; IzE 14:2, 19; IzE 17:5
*b* Mat 10:14; Luk 9:5
*c* Mat 5:12

**ISAHL. 14**
*d* IzE 13:45
*e* IzE 19:11; Heb 2:3, 4
*f* IzE 14:19
*g* Mat 10:23
*h* Mat 9:28

**Uhla 2**
*a* Isay 35:6
*b* IzE 28:3-6
*c* IzE 10:25, 26
*d* Eks 20:11; Hu 146:6
*e* IzE 17:30
*f* IzE 17:26, 27; Rom 1:20
*g* Hu 147:8; Jer 5:24; Mat 5:45
*h* Hu 145:16
*i* IzE 17:13
*j* 2Ko 11:25

bemngunga, wavuka wangena
edolobheni. Ngosuku olulande-
layo wahamba noBarnaba baya
eDerbe.[a] **21** Ngemva kokume-
mezela izindaba ezinhle kule-
lo dolobha nokwenza abafu-
ndi abaningana, babuyela eLi-
stra, e-Ikoniyu nase-Antiyoki-
ya. **22** Lapho, baqinisa abafu-
ndi,[b] babakhuthaza ukuba ba-
hlale okholweni, bethi: "Ku-
mele singene eMbusweni ka-
Nkulunkulu ngezinsizi ezini-
ngi."[c] **23** Ngaphezu kwalokho,
babamisela amadoda amadala
ebandleni ngalinye,[d] benza um-
thandazo ohambisana nokuzila
ukudla,[e] babanikela kuJehova*
ababeye bakholwa nguye.

**24** Ngemva kwalokho bada-
bula iPhisidiya bafika ePha-
mfiliya,[f] **25** ngemva kokume-
mezela izwi ePherge, behlela
e-Ataliya. **26** Ukusuka lapho
bahamba ngomkhumbi baya
e-Antiyokiya, lapho babenike-
lwe khona emseni omkhulu ka-
Nkulunkulu ngenxa yomsebe-
nzi abase bewuqedile.[g]

**27** Lapho sebefikile futhi
bebuthele ibandla ndawonye,
balandisa izinto eziningi uNku-
lunkulu ayezenzile ngabo, no-
kuthi wayevulele izizwe umnya-
ngo wokukholwa.[h] **28** Ngakho
bachitha isikhathi eside naba-
fundi.

**15** Abantu abathile behla be-
vela eJudiya, baqala uku-
fundisa abazalwane bethi: "Nga-
phandle kokuba nisokwe ngoku-
vumelana nomthetho* kaMose,[i]
ngeke nisindiswe." **2** Kodwa
ngemva kokuba sekuvele uku-
ngezwani nokuphikisana oku-
khulu phakathi kwabo noPawu-
lu noBarnaba, kwahlelwa uku-
ba uPawulu, uBarnaba nabanye
bakhuphukele kubaphostoli na-
madoda amadala eJerusalema[a]
ngokuphathelene nale ndaba.*

**3** Ngakho, ngemva kokuphe-
lezelwa yibandla kancane, la
madoda aqhubeka nendlela
edabula iFenike neSamariya,
elandisa ngokuningiliziwe ngo-
kuguquka kwabantu bezizwe,
lokho kwabajabulisa kakhulu
bonke abazalwane. **4** Lapho
efika eJerusalema, ibandla na-
baphostoli namadoda amadala
bawamukela ngomusa, abaxo-
xela izinto eziningi uNkulunku-
lu ayezenzile ngawo. **5** Ko-
dwa abanye kulabo ababese-
qenjini lenkolo* labaFarisi aba-
beye baba amakholwa, basuku-
ma bathi: "Kudingekile ukuba-
soka nokubayala ukuba bagci-
ne uMthetho KaMose."[b]

**6** Ngakho abaphostoli nama-
doda amadala bahlangana uku-
ze bayihlole le ndaba. **7** Nge-
mva kwengxoxo ende eshu-
bile,* uPetru wasukuma wa-
thi kubo: "Madoda, bafowe-
thu, nazi kahle ukuthi kusuke-
la ezinsukwini zakuqala uNku-
lunkulu wakhetha phakathi
kwenu ukuba abantu bezizwe
balizwe ngomlomo wami izwi
lezindaba ezinhle, bakholwe.[c]
**8** UNkulunkulu owazi inhli-
ziyo,[d] wafakaza ngokubanika
umoya ongcwele,[e] njengoba
nje enza nakithi. **9** Akenza-
nga mahluko nhlobo phakathi
kwethu nabo,[f] kodwa wahla-
nza izinhliziyo zabo ngokholo.[g]
**10** Pho kungani manje nivivi-
nya uNkulunkulu ngokuthwe-
sa abafundi ijoka[h] okhokho be-
thu kanye nathi esingakwaza-
nga ukulithwala?[i] **11** Kunalo-
kho, sinokholo lokuthi sisindi-
siwe ngomusa omkhulu weNko-

**14:23** *Bheka iSithasiselo A5. **15:1** *Noma, "nesiko."

**15:2** *Noma, "nalokhu kuphikisana." **15:5** *Noma, "ababengabehlelo." **15:7** *Noma, "kokuphikisana okukhulu."

ISAHL. 14
a IzE 16:1
b IzE 11:22, 23
c Mat 10:38, Joh 15:19, Rom 8:17, 1Th 3:4
d Tit 1:5
e IzE 13:2, 3
f IzE 13:13
g IzE 13:1, 2
h IzE 11:18

ISAHL. 15
i Gen 17:9, 10, Eks 12:48, Lev 12:2, 3

Uhla 2
a Gal 2:1
b Eks 12:48, IzE 11:2, 3
c IzE 10:34, 35, IzE 11:16, 17
d 1Kr 28:9, Jer 11:20
e IzE 10:44, 45, IzE 11:15
f Gal 3:28
g Gal 2:15, 16, 1Pe 1:22
h Gal 5:1
i Gal 3:10

si uJesu[a] ngendlela efanayo ne-
yabo.”[b]
**12** Lapho bezwa lokho, bo-
nke bathula, baqala ukulale-
la uBarnaba noPawulu belandi-
sa izibonakaliso nezimangali-
so eziningi uNkulunkulu ayeze-
nze ngabo phakathi kwezizwe.
**13** Ngemva kokuba sebeqedile
ukukhuluma, uJakobe waphe-
ndula, wathi: “Madoda, bafo-
wethu, ngizweni. **14** USime-
yoni[c] useyilandise ngokuphele-
le indlela manje uNkulunku-
lu asenaka ngayo izizwe uku-
ze athathe kuzo isizwe se-
gama lakhe.[d] **15** Amazwi aba-
Profethi ayavumelana nalo-
khu, njengoba nje kulotshi-
we: **16** ‘Ngemva kwalezi zi-
nto ngiyobuya ngiphinde ngili-
vuse itende* likaDavide eliwe-
le phansi; ngiyowakha kabu-
sha amanxiwa alo ngilivuselele,
**17** ukuze abantu abasele ba-
mfune ngobuqotho uJehova,*
kanye nabantu bazo zonke izi-
zwe, abantu ababizwa ngegama
lami, kusho uJehova,* owenza
lezi zinto,[e] **18** ezaziwa kusu-
kela kudala.’[f] **19** Ngakho isi-
nqumo* sami siwukuthi singa-
bakhathazi labo abavela ezi-
zweni abaphendukela kuNku-
lunkulu,[g] **20** kodwa sibabha-
lele ngenjongo yokuba bade-
de ezintweni ezingcoliswe izi-
thixo,[h] ekuziphatheni kabi ngo-
kocansi,*[i] ezintweni eziklinyi-
we# nasegazini.[j] **21** Ngoba ku-
sukela ezikhathini zasendulo,
bekulokhu kunabantu abashu-
mayela ngoMose idolobha ne-
dolobha, befunda ngokuzwaka-
layo izincwadi zakhe emasina-
gogeni ngawo wonke amasaba-
tha.”[a]
**22** Abaphostoli namadoda
amadala kanye nalo lonke iba-
ndla, banquma ukuthumela
amadoda akhethiwe phakathi
kwabo ukuba aye e-Antiyokiya,
kanye noPawulu noBarnaba;
bathuma uJuda owayebizwa
ngokuthi uBarsaba noSila,[b]
ababengamadoda aholayo pha-
kathi kwabazalwane. **23** Na-
khu abakubhala bakuphathisa
bona:
“Abaphostoli namadoda ama-
dala, abangabafowenu, kubafo-
wethu e-Antiyokiya,[c] eSiriya na-
seKhilikhiya abavela ezizweni:
Siyanibingelela! **24** Njengo-
ba sizwile ukuthi kusuke aba-
nye phakathi kwethu bakhulu-
ma izinto ezinikhathazayo,[d]
bezama ukuniphambukisa na-
kuba singabayalezanga, **25** si-
nqume ngazwi-linye ukukhetha
amadoda, siwathumele kini ka-
nye noBarnaba noPawulu esi-
bathandayo, **26** abantu abani-
kele ngokuphila kwabo nge-
nxa yegama leNkosi yethu uJe-
su Kristu.[e] **27** Ngakho-ke si-
thumela uJuda noSila, ukuze
nabo babike lezi zinto ezifana-
yo ngomlomo.[f] **28** Ngoba ngo-
sizo lomoya ongcwele[g] sikubo-
ne kukuhle ukunganezeli omu-
nye umthwalo osindayo kini,
ngaphandle kwalezi zinto ezi-
dingekile: **29** ukuba niqhube-
ke nideda ezintweni ezihlatshe-
lwe izithixo,[h] egazini,[i] ezintweni
eziklinyiwe#[j] nasekuziphatheni
kabi ngokocansi.*[k] Uma niqhu-
beka nideda kulezi zinto niyo-
chuma. Mpilonhle!”△
**30** Ngakho lapho la mado-
da ededelwa, ehlela e-Antiyo-
kiya, aqoqela ndawonye lonke
iqembu, alinikeza le ncwadi.

---

**15:16** *Noma, “idokodo; indlu.” **15:17** *Bheka iSithasiselo A5. **15:19** *Noma, “umbono.” **15:20, 29** *NgesiGreki, *pornei′a.* Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **15:20, 29** #Noma, “ezibulawe zingophiswanga.”

**15:29** △Noma, “Nisale kahle.”

---

**ISAHL. 15**

- a Isay 53:11; Joh 1:17
- b Mat 20:28
- c Mat 10:2; IzE 11:13; 2Pe 1:1
- d 1Pe 2:9, 10
- e Amo 9:11, 12
- f Isay 45:21
- g IzE 15:10
- h Gen 35:2; Eks 20:3; 1Ko 10:14
- i 1Ko 6:9, 10; Kol 3:5; 1Th 4:3
- j Gen 9:4; Lev 3:17; Lev 7:26; Lev 17:10, 13; Lev 19:26; Dut 12:23; Dut 15:23; 1Sa 14:32, 33

**Uhla 2**

- a IzE 13:15; 2Ko 3:15
- b 1Th 1:1; 1Pe 5:12
- c IzE 11:26
- d IzE 15:1
- e IzE 13:50; 1Ko 15:30, 31; 2Ko 11:23-26
- f IzE 16:4
- g Joh 16:13; IzE 5:32
- h Gen 35:2; Eks 20:3; Eks 34:15; 1Ko 10:14
- i Gen 9:4; Lev 3:17; Lev 7:26; Lev 17:10; Dut 12:16, 23; 1Sa 14:32, 33
- j Lev 17:13
- k Gen 39:7-9; 1Ko 6:9, 10; Efe 5:5; Kol 3:5; 1Th 4:3

**31** Ngemva kokuyifunda, laja-
bula ngaleso sikhuthazo.
**32** UJuda noSila, njengoba
nabo babengabaprofethi, ba-
khuthaza abazalwane ngezi-
nkulumo eziningi, babaqinisa.[a]
**33** Ngemva kokuchitha isikha-
thi esithile lapho, abazalwane
babahambisa ngokuthula ba-
buyela kulabo ababebathumi-
le. **34** *— **35** Kodwa uPawu-
lu noBarnaba bahlala e-Antiyo-
kiya, befundisa futhi bememe-
zela izindaba ezinhle zezwi li-
kaJehova,* kanye nabanye aba-
ningi.

**36** Ngemva kwezinsuku ezi-
thile, uPawulu wathi kuBa-
rnaba: "Masibuyele# emuva
sihambele abafowethu kuwo
wonke amadolobha esameme-
zela kuwo izwi likaJehova,*
ukuze sibone ukuthi banja-
ni."[b] **37** UBarnaba wayezimi-
sele ukuthatha uJohane, owa-
yebizwa ngokuthi uMarku, uku-
ba bahambe naye.[c] **38** No-
kho, uPawulu wayengathandi
ukumthatha bahambe naye,
ngenxa yokuthi wayebashiyile
ePhamfiliya akayanga nabo
emsebenzini.[d] **39** Kwaqhuma
intukuthelo enkulu, baze ba-
hlukana; uBarnaba[e] wathatha
uMarku bahamba ngomkhu-
mbi baya eKhupro. **40** UPa-
wulu wakhetha uSila wahamba
ngemva kokuba abazalwane
sebemnikele kuJehova* uku-
ze ambonise umusa omkhulu.[f]
**41** Wadabula iSiriya neKhili-
khiya, eqinisa amabandla.

**16** Wafika eDerbe naseLis-
tra.[g] Kwakukhona umfu-
ndi ogama lakhe linguThimo-
thewu,[h] indodana yowesifazane
okholwayo ongumJuda kodwa
uyise engumGreki, **2** abaza-
lwane baseListra nase-Ikoni-
yu babekhuluma kahle nga-
ye. **3** UPawulu waveza isifi-
so sokuba uThimothewu aha-
mbe naye, wamthatha wamso-
ka ngenxa yamaJuda ayekule-
zo zindawo,[a] ngoba wonke aya-
zi ukuthi uyise ungumGreki.
**4** Njengoba behamba beda-
bula amadolobha, babedlulise-
la kubazalwane lokho okwaku-
nqunywe abaphostoli namado-
da amadala eJerusalema ukuze
bakugcine.[b] **5** Ngakho amaba-
ndla aqhubeka eqiniswa okho-
lweni futhi anda ngesibalo usu-
ku nosuku.

**6** Ngaphezu kwalokho, ba-
dabula iFrigiya nezwe laseGa-
lathiya,[c] ngoba umoya ongcwe-
le wawubanqabele ukuba
bakhulume izwi likaNkulunku-
lu esifundazweni sase-Asiya.
**7** Ngaphezu kwalokho, lapho
befika eMisiya, benza imi-
zamo yokuya eBhithiniya,[d] ko-
dwa umoya kaJesu awuza-
nge ubavumele. **8** Ngakho ba-
dlula* eMisiya behlela eTro-
wa. **9** Ebusuku kwabonakala
umbono kuPawulu—indoda ya-
seMakedoniya yayimile imnce-
nga ithi: "Welela eMakedoni-
ya usisize." **10** Ngokushesha
nje lapho esebone lowo mbo-
no, sazama ukuya eMakedoni-
ya, sifinyelela isiphetho soku-
thi uNkulunkulu wayesibizele
ukumemezela izindaba ezinhle
kubo.

**11** Ngakho sathatha uha-
mbo lwasolwandle sisuka eTro-
wa sahamba ngendlela eqondile
saya eSamotrake, kodwa ngo-
suku olulandelayo saya eNeya-
pholi; **12** ukusuka lapho saya
eFilipi,[e] ikoloni eliyidolobha eli-
yinhloko lesifunda saseMake-

**ISAHL. 15**
*a* IzE 18:23
*b* 2Ko 11:28
*c* IzE 13:4, 5; Kol 4:10; 2Ti 4:11
*d* IzE 13:13
*e* IzE 4:36, 37
*f* IzE 14:26

**ISAHL. 16**
*g* IzE 14:5-7; 2Ti 3:11
*h* IzE 19:22; Rom 16:21; 1Ko 4:17; 1Th 3:2; 1Ti 1:2

**Uhla 2**
*a* 1Ko 9:20
*b* IzE 15:28, 29
*c* IzE 18:23
*d* 1Pe 1:1
*e* Flp 1:1

---

**15:34** *Bheka iSithasiselo A3. **15:35, 36, 40** *Bheka iSithasiselo A5. **15:36** #Noma kungaba, "Nakanjani masibuyele."

**16:8** *Noma, "badabula."

doniya. Sahlala kulelo dolobha
izinsuku ezithile. **13** Ngosuku
lweSabatha saphumela ngapha-
ndle kwesango saya eceleni ko-
mfula, lapho esasicabanga uku-
thi kunendawo yokuthandaza
khona, sahlala phansi sakhulu-
ma nabesifazane ababehlange-
ne. **14** Owesifazane ogama la-
khe linguLidiya, umthengisi wo-
kuphephuli wasedolobheni la-
seThiyathira[a] noyisikhonzi si-
kaNkulunkulu, wayelalele, uJe-
hova* wayivula kakhulu inhli-
ziyo yakhe ukuze anake izinto
ezazishiwo uPawulu. **15** La-
pho yena nendlu yakhe be-
bhapathizwa,[b] wasincenga wa-
thi: "Uma ningibheka njengo-
thembekile kuJehova,* wozani
nihlale endlini yami." Waphike-
lela ethi masihambe naye.

**16** Njengoba sasiya endawe-
ni yokuthandaza, sahlangana
nentombazane eyinceku eyayi-
nomoya, idemoni lokubhula.[c]
Yayinikeza amakhosi ayo inzu-
zo enkulu ngokubikezela nge-
kusasa.* **17** Le ntombazane
yayilokhu ilandela uPawulu na-
thi, imemeza ithi: "Laba ba-
ntu bayizinceku zikaNkulu-
nkulu oPhezukonke,[d] bamememe-
zela kini indlela yensindiso."
**18** Lokhu yayilokhu ikwenza
izinsuku eziningi. Ekugcineni
uPawulu wakhathala ukuzwa
lokho, waphenduka wathi kulo
moya: "Ngikuyala egameni li-
kaJesu Kristu ukuba uphume
kuye." Waphuma ngalo kanye
lelo hora.[e]

**19** Nokho, lapho labo eyayi-
basebenzela bebona ukuthi ba-
bengeke besayenza imali,[f] ba-
bamba uPawulu noSila baba-
hudulela emakethe kubabu-
si.[g] **20** Babahola babayisa ezi-
mantshini zomphakathi, ba-
thi: "Laba bantu baliphaza-
misa kakhulu idolobha laki-
thi.[a] BangamaJuda, **21** bame-
mezela amasiko okungekho
emthethweni ukuba siwamuke-
le noma siwenze, njengoba thi-
na singamaRoma." **22** Isixuku
sabavukela kanyekanye, kwa-
thi izimantshi zomphakathi,
ngemva kokubahlubula izingu-
bo zabo, zakhipha umyalo wo-
kuba bashaywe ngezinduku.[b]
**23** Ngemva kokuba sebebasha-
ye imivimbo eminingi, baba-
phonsa ejele, bayala unogada
wasejele ukuba abagadisise.[c]
**24** Ngenxa yokuthi wayethole
lowo myalo, wabaphonsa ejele
elingaphakathi, wabophela izi-
nyawo zabo ezitokisini* waziqi-
nisa.

**25** Kodwa cishe phakathi
nobusuku, uPawulu noSila ba-
bethandaza futhi bedumisa
uNkulunkulu ngengoma,[d] izibo-
shwa zazibalalele. **26** Kunga-
zelelwe kwaba khona uku-
zamazama okukhulu komhla-
ba, kangangokuthi izisekelo
zejele zazamazama. Ngaphe-
zu kwalokho, yonke iminya-
ngo yavuleka ngaso leso si-
khathi, izibopho zabo bonke
zaqaqeka.[e] **27** Lapho unoga-
da wasejele evuka, ebona uku-
thi iminyango yejele ivulekile,
wahosha inkemba yakhe ese-
thi uyazibulala, ecabanga uku-
thi iziboshwa zeqile.[f] **28** Ko-
dwa uPawulu wamemeza ka-
khulu, ethi: "Ungazilimazi ngo-
ba sikhona sonke!" **29** Nga-
kho wathi makukhanyiswe, wa-
gijimela ngaphakathi, ebanjwe
ukuthuthumela, wawa phansi
phambi kukaPawulu noSila.

**ISAHL. 16**

a IsA 1:11
b IzE 16:33, IzE 18:8
c Lev 19:31, Lev 20:6
d Mar 1:23, 24, Luk 4:41
e Mat 17:18, Mar 1:25, 26, Mar 1:34, Luk 9:1, Luk 10:17
f IzE 19:24, 25
g Mat 10:18

**Uhla 2**

a IzE 17:6
b 1Th 2:2
c Luk 21:12
d Efe 5:19, Kol 3:16
e IzE 5:18-20, IzE 12:7
f IzE 12:18, 19

---

**16:14, 15** *Bheka iSithasiselo A5.
**16:16** *Noma, "ngokusebenzisa ubuciko bokubikezela."
**16:24** *Yinto eyayakhiwe ngamapulangwe yokubopha umuntu kufakwe intamo, izandla nezinyawo ukuze ahlale kabuhlungu.

**30** Wabakhiphela ngaphandle
wathi: "Banumzane, yini oku-
mele ngiyenze ukuze ngisi-
ndiswe?" **31** Bathi: "Yiba no-
kholo eNkosini uJesu, uzo-
sindiswa wena nomndeni wa-
kho."[a] **32** Babe sebekhuluma
izwi likaJehova* kuye naku-
bo bonke ababesendlini ya-
khe. **33** Wabathatha ngalelo
hora lobusuku wageza izilo-
nda zabo. Yena nabo bonke
abomndeni wakhe babhapathi-
zwa ngaphandle kokulibala.[b]
**34** Wabangenisa endlini yakhe
wabadekela itafula, wajabula
kakhulu nabo bonke abomnde-
ni wakhe njengoba ayesekhole-
lwa kuNkulunkulu.

**35** Lapho sekusile, izima-
ntshi zomphakathi zathumela
onogada ukuba bathi: "Khulula
labo bantu." **36** Unogada wa-
sejele wabikela uPawulu ama-
zwi abo: "Izimantshi zompha-
kathi zithumele umyalo woku-
ba nina nobabili nikhululwe.
Ngakho phumani manje niha-
mbe ngokuthula." **37** Kodwa
uPawulu wathi kubo: "Basi-
bhambabule obala singalahlwa-
nga yicala,* sibe singamaRo-
ma,[c] basiphonsa ejele. Ma-
nje sebesikhipha ngasese? Aku-
kwazi! Mabeze bona bazosi-
khipha." **38** Onogada babikela
izimantshi zomphakathi la ma-
zwi. Zafikelwa ukwesaba la-
pho zizwa ukuthi laba bantu
babengamaRoma.[d] **39** Ngakho
zaya kubo zabancenga, nge-
mva kokubakhipha, zabacela
ukuba bahambe kulelo dolo-
bha. **40** Kodwa baphuma ejele
baya emzini kaLidiya; lapho be-
bona abazalwane, babakhutha-
za[e] base beyahamba.

**16:32** *Bheka iSithasiselo A5. **16:37** *Noma, "ngaphandle kokuquliswa icala."

# 17

**17** Bahamba badabula i-A-
mfipholi ne-Apholoniya
bafika eThesalonika,[a] lapho
kwakukhona khona isinagoge
lamaJuda. **2** Ngakho ngokwe-
nqubo yakhe, uPawulu,[b] waya
kubo ngaphakathi, wabonisa-
na nabo ngemiBhalo[c] amasa-
batha amathathu, **3** echaza fu-
thi ebonisa ngezinto ezilotshi-
we ukuthi kwakudingekile uku-
ba uKristu ahlupheke[d] futhi avu-
ke kwabafile,[e] ethi: "Lona ngu-
ye uKristu, lo Jesu engimme-
mezela kini." **4** Ngenxa yalo-
kho, abanye kubo baba ama-
kholwa, bazihlanganisa noPawu-
lu noSila,[f] kanye noquqaba olu-
khulu lwamaGreki olwalukhonza
uNkulunkulu, nabaningana kwa-
besifazane abavelele benza ka-
njalo.

**5** Kodwa amaJuda, eba no-
mona,*[g] aqoqela ndawonye
amadoda athile akhohlakele
ayezulazula emakethe akha ivi-
yo, benza kwaba nesiyaluya-
lu edolobheni. Bahlasela umu-
zi kaJasoni befuna ukuba uPa-
wulu noSila balethwe phambi
kweviyo. **6** Lapho bengaba-
tholi, bahudula uJasoni naba-
nye abazalwane babayisa kuba-
busi bedolobha, bememeza be-
thi: "La madoda adale izinki-
nga yonke indawo asefikile na-
lapha,[h] **7** uJasoni uwamukele
aba izivakashi zakhe. Wonke
la madoda enza izinto eziphi-
kisana nezinqumo zikaKhesari,
ethi kukhona enye inkosi, uJe-
su."[i] **8** Lapho bezwa lezi zi-
nto, isixuku nababusi bedolo-
bha bakhathazeka; **9** ngemva
kokuthatha imali yebheyili* ku-
Jasoni nabanye, babadedela.

**10** Lapho nje kuba sebu-
suku, abazalwane bathumela

**17:5** *Noma, "athukuthela." **17:9** *Noma, "eyisibambiso."

ISAHL. 16
a Joh 3:16; Joh 6:47
b IzE 8:12
c IzE 22:25; IzE 23:27
d IzE 22:27-29
e 2Ko 1:3, 4

Uhla 2

ISAHL. 17
a 1Th 2:1
b IzE 9:19, 20; IzE 13:13, 14; IzE 14:1; IzE 18:4
c IzE 18:19
d Hu 22:7; Hu 34:20; Hu 69:21; Hu 118:22; Isay 50:6; Isay 53:3, 5
e Hu 16:10; Luk 24:45, 46
f IzE 15:22, 40
g IzE 13:45
h IzE 16:19-21
i Luk 23:1, 2; Joh 19:12

uPawulu noSila eBhereya. La-
pho befika khona, baya esi-
nagogeni lamaJuda. **11** Laba
babenengqondo enhle kuna-
baseThesalonika, ngoba bamu-
kela izwi ngengqondo eno-
kulangazela okukhulu, behlo-
la ngokucophelela imiBhalo
nsuku zonke ukuze bathole
ukuthi zinjalo yini lezi zinto.
**12** Ngakho abaningi kubo
baba amakholwa, kwaba nja-
lo nangabaningana kwabesifa-
zane abangamaGreki abanedu-
mela elihle namanye amado-
da. **13** Kodwa lapho amaJu-
da aseThesalonika ezwa uku-
thi uPawulu wayememezela
izwi likaNkulunkulu naseBhe-
reya, aya khona ukuze aba-
xabanise nesixuku.[a] **14** Ngo-
kushesha abazalwane babe se-
bethumela uPawulu olwandle,[b]
kodwa uSila noThimothewu
basala lapho. **15** Nokho, labo
ababephelezela uPawulu baha-
mba naye baze bafika e-Athe-
ne, bahamba ngemva kokutho-
la iziqondiso ezithi uSila no-
Thimothewu[c] kufanele beze
kuPawulu ngokushesha oku-
khulu.

**16** Ngesikhathi uPawulu esa-
balindile e-Athene, wacasuka
lapho ebona ukuthi idolobha
ligcwele izithixo. **17** Ngakho
wabonisana namaJuda esina-
gogeni kanye nabanye aba-
ntu ababekhonza uNkulunku-
lu emakethe nsuku zonke nala-
bo okwakwenzeka babe khona.
**18** Kodwa ezinye izazi zefiloso-
fi ezingama-Epikhuru nezinga-
maStoyiku zaphikisana naye,
ezinye zazithi: “Ufuna ukuthini
lo muntu okhulumela safuthi?”
Abanye bethi: “Kubonakala se-
ngathi umemezela onkulunkulu
bezinye izizwe.” Lokhu kwaku-
ngenxa yokuthi wayememeze-
la izindaba ezinhle zikaJesu
novuko.[a] **19** Ngakho bamba-
mba bamyisa e-Areyophagu,
bethi: “Ungasitshela ukuthi iyi-
ni le mfundiso entsha okhulu-
ma ngayo? **20** Ngoba usitshela
izinto ezintsha esingazazi, sifu-
na ukwazi ukuthi zisho ukuthi-
ni lezi zinto.” **21** Eqinisweni,
bonke abase-Athene nabezinye
izizwe ababehlala* lapho babe-
chitha isikhathi sabo sokuphu-
mula bengenzi lutho ngapha-
ndle kokuxoxa noma ukulalela
okuthile okusha. **22** UPawulu
wabe esema phakathi kwe-Are-
yophagu[b] wathi:

“Madoda ase-Athene, ngiya-
bona ukuthi kukho konke ni-
bonakala nesaba onkulunkulu*
kakhulu kunabanye abantu.[c]
**23** Ngokwesibonelo, ngesikha-
thi ngidlula futhi ngibukisisa
izinto enizikhonzayo,* ngithole
ne-altare okuqoshwe kulo uku-
thi ‘Kunkulunkulu Ongaziwa.’
Ngakho, lokho eningakwazi
enikukhonzayo, yikho engi-
kumemezela kini. **24** UNkulu-
nkulu owenza umhlaba na-
kho konke okukuwo, iNko-
si yezulu nomhlaba,[d] akahla-
li emathempelini enziwe nge-
zandla;[e] **25** futhi akakhonzwa
ngezandla zabantu njengoku-
ngathi kukhona akudingayo,[f]
ngoba yena ngokwakhe uni-
ka bonke abantu ukuphi-
la nomoya[g] nazo zonke izinto.
**26** Ngomuntu oyedwa[h] wenza
ukuba zonke izizwe zabantu zi-
hlale emhlabeni,[i] wanquma izi-
khathi ezimisiwe nendawo oku-
zohlala kuyo abantu,[j] **27** uku-
ze zifune uNkulunkulu, uma zi-
ngamfunisisa futhi zimthole
ngempela,[k] nakuba eqinisweni

ISAHL. 17
*a* IzE 14:2, 19
*b* Mat 10:23
*c* IzE 16:1, 2; 1Th 3:2

Uhla 2
*a* Joh 5:28, 29; Joh 11:25; 1Ko 15:12
*b* IzE 17:33, 34
*c* IzE 17:16
*d* Hu 146:6
*e* 1Kh 8:27
*f* Hu 50:12
*g* Isay 42:5
*h* Gen 5:2
*i* Gen 1:28
*j* Dut 2:5, 19; Dut 32:8; Hu 74:17
*k* Dut 4:29; Hu 145:18; Rom 1:20

**17:21** *Noma, “ababevakashe.” **17:22** *Noma, “nithanda inkolo.” **17:23** *Noma, “enizihloniphayo.”

engekude kulowo nalowo kithi.
**28** Ngoba ngaye siyaphila,
siyanyakaza futhi sikhona,
njengoba nje nezinye izimbongi
zakini zishilo zathi, 'Sonke siyi-
zingane* zakhe.'

**29** "Ngakho njengoba siyizi-
ngane* zikaNkulunkulu,[a] aku-
fanele sicabange ukuthi uMu-
ntu Waphezulu unjengegolide
noma isiliva noma itshe, nje-
ngokuthile okuqoshwe ngobu-
ciko noma okuthile okwenziwe
umuntu.[b] **30** Yiqiniso, uNku-
lunkulu uye wangazinaka izi-
khathi zokungazi okunjalo;[c] ko-
dwa manje umemezela kubo
bonke abantu kuyo yonke inda-
wo ukuthi kufanele baphendu-
ke. **31** Ngoba umise usuku
ahlose ukwahlulela ngalo[d] aba-
ntu abasemhlabeni ngokulunga
ngomuntu ammisile, wamvusa
lo muntu kwabafile, ngokwe-
nza kanjalo eqinisekisa bonke
abantu ukuthi lolo suku luzofi-
ka nakanjani."[e]

**32** Lapho bezwa ngovuko
lwabafile, abanye baqala uku-
hleka usulu,[f] kuyilapho aba-
nye bethi: "Sizobuye sikulale-
le ngesinye isikhathi." **33** Nga-
kho uPawulu wabashiya,
**34** kodwa abanye abantu bazi-
hlanganisa naye baba amakho-
lwa. Kubo kwakukhona noDiyo-
nisiyu, owayengumahluleli we-
nkantolo yase-Areyophagu, no-
wesifazane ogama lakhe lingu-
Damari, kanye nabanye nga-
phandle kwabo.

**18** Ngemva kwalokho wa-
hamba e-Athene wafi-
ka eKorinte. **2** Wathola umJu-
da ogama lakhe lingu-Akhwila,[g]
ongowokuzalwa ePhontu, owa-
yesanda kufika evela e-Itali-
ya ehamba noPrisila umka-
khe, ngenxa yokuthi uKlawu-
diyu wayeyale wonke amaJu-
da ukuba ahambe eRoma. Nga-
kho waya kubo, **3** ngenxa yo-
kuthi babenza umsebenzi ofa-
nayo, wahlala emzini wabo,
wasebenza nabo,[a] umsebenzi
wabo kwakuwukwenza amate-
nde. **4** Wayenikeza inkulumo*
esinagogeni[b] masabatha onke[c]
futhi ethonya amaJuda nama-
Greki.

**5** Lapho uSila[d] noThimothe-
wu[e] befika bevela eMakedoni-
ya, uPawulu waba matasa ka-
khulu ngezwi likaNkulunkulu,
efakaza kumaJuda ukuze abo-
nise ukuthi uJesu unguKri-
stu.[f] **6** Kodwa ayelokhu em-
phikisa uPawulu futhi emhla-
mbalaza, wathintitha izingubo
zakhe[g] wathi kuwo: "Igazi lenu
malibe semakhanda enu.[h] Ngi-
msulwa.[i] Kusukela manje ku-
qhubeke ngizoya kubantu bezi-
zwe."[j] **7** Ngakho wasuka la-
pho* wangena endlini yomu-
ntu ogama lakhe linguThithi-
yu Justu, isikhonzi sikaNku-
lunkulu, esasinendlu eceleni
kwesinagoge. **8** Kodwa uKri-
spu,[k] isikhulu esengamele sesi-
nagoge, wakholwa yiNkosi, ka-
nye nawo wonke umndeni wa-
khe. Abaningi kwabaseKori-
nte abezwa izindaba ezinhle,
bakholwa futhi babhapathi-
zwa. **9** Ngaphezu kwalokho,
ebusuku iNkosi yathi kuPawulu
ngombono: "Ungesabi, kodwa
qhubeka ukhuluma, ungathu-
li, **10** ngoba nginawe,[l] ake-
kho umuntu ozokuhlasela aku-
limaze; ngoba nginabantu aba-
ningi kuleli dolobha." **11** Nga-
kho wahlala lapho unyaka ne-
zinyanga eziyisithupha, efundi-
sa izwi likaNkulunkulu phaka-
thi kwabo.

**ISAHL. 17**
a Gen 1:27
b Dut 5:8; Isay 37:19; Isay 40:18-20; Isay 46:5
c Efe 4:17, 18
d Hu 96:13; Hu 98:9; Joh 5:22; IzE 10:42
e Joh 11:25; IzE 2:24; IzE 13:32, 33
f 1Ko 1:23

**ISAHL. 18**
g IzE 18:24, 26; 1Ko 16:19; 2Ti 4:19

**Uhla 2**
a IzE 20:34; 1Ko 4:11, 12; 1Ko 9:15; 1Th 2:9; 2Th 3:8, 10
b Mat 4:23
c IzE 17:2
d IzE 15:27; IzE 17:14
e IzE 16:1, 2; 1Th 3:6
f IzE 17:2, 3; IzE 28:23
g Mat 10:14
h Hez 33:4
i IzE 20:26
j IzE 13:46; IzE 28:28; Rom 1:16
k 1Ko 1:14
l Mat 28:20

**17:28, 29** *Noma, "siyinzalo."
**18:4** *Noma, "Wayebonisana nabo."
**18:7** *Okuwukuthi, esinagogeni.

**12** Ngesikhathi uGaliyu engu-
mphathi-sifundazwe* wase-
Akhaya, amaJuda abambisana
ahlasela uPawulu amyisa esi-
hlalweni sokwahlulela, **13** ethi:
“Lo muntu ugqugquzela aba-
ntu ukuba bakhonze uNkulunku-
lu ngendlela ephambene nom-
thetho.” **14** Kodwa lapho uPa-
wulu esezokhuluma, uGaliyu wa-
thi kumaJuda: “Ukube ngempe-
la bekuwububi obuthile noma
icala elibi, maJuda, bekuyo-
faneleka ukuba nginilalele nge-
sineke. **15** Kodwa uma niphi-
kisana ngenkulumo nangamaga-
ma nangomthetho wenu,[a] zibo-
neleni nina. Angifisi ukuba uma-
hluleli walezi zinto.” **16** Nge-
mva kwalokho wawaxosha esi-
hlalweni sokwahlulela. **17** Nga-
kho wonke abamba uSostene,[b]
isikhulu esengamele sesinagoge,
amshaya phambi kwesihlalo so-
kwahlulela. Kodwa uGaliyu ake-
nzanga lutho nhlobo ngalezi zi-
nto.

**18** Nokho, ngemva kokuhla-
la izinsuku eziningana, uPawu-
lu wavalelisa kubazalwane wa-
yesehamba ngomkhumbi waya
eSiriya, ehamba noPrisila no-
Akhwila. Wayegunde izinwele
zakhe zaba mfushane eKe-
nikreya,[c] ngoba wayenze isi-
fungo. **19** Bafika e-Efesu, wa-
bashiya lapho; kodwa yena
wangena esinagogeni waboni-
sana namaJuda.[d] **20** Nakuba
ayelokhu emcela ukuba ahla-
le isikhathi eside, akavumanga,
**21** kodwa wavalelisa, wathi
kuwo: “Ngiyophinde ngibuyele
kini uma uJehova* ethanda.”
Wahamba ngomkhumbi esuka
e-Efesu **22** wehlela eKhesari-

**18:12** *Umbusi wesifundazwe ongumRoma. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **18:21, 25** *Bheka iSithasiselo A5.

**ISAHL. 18**
a IzE 23:29 IzE 25:19
b 1Ko 1:1
c Rom 16:1
d IzE 17:2

**Uhla 2**
a IzE 15:36
b IzE 16:6
c IzE 14:21, 22 IzE 15:32
d IzE 19:1 1Ko 1:12 1Ko 3:5, 6
e Rom 16:3 1Ko 16:19
f Dut 18:15 Hu 16:10 Isay 7:14 Mik 5:2

**ISAHL. 19**
g IzE 18:24 1Ko 3:5, 6
h 1Ko 16:8, 9

ya. Wakhuphuka* wabingelela
ibandla, wayesehlela e-Antiyo-
kiya.[a]

**23** Ngemva kokuchitha isi-
khathi esithile lapho, wasu-
ka waya ezindaweni ezihluka-
hlukene kulo lonke izwe lase-
Galathiya nelaseFrigiya,[b] eqini-
sa bonke abafundi.[c]

**24** UmJuda othile ogama la-
khe lingu-Apholo,[d] ongowoku-
zalwa e-Aleksandriya, wafika
e-Efesu; wayeyindoda eqephu-
zayo eyayinolwazi oluhle lwe-
miBhalo. **25** Lo muntu waye-
fundiswe# indlela kaJehova*
futhi evutha emoyeni, wayezi-
khuluma futhi ezifundisa ngo-
kunembile izinto eziphathelene
noJesu, kodwa wayejwayelene
nobhapathizo lukaJohane ku-
phela. **26** Wakhuluma ngesi-
bindi esinagogeni, lapho uPrisi-
la no-Akhwila[e] bemuzwa, bam-
thatha base bemchazela indlela
kaNkulunkulu ngokunembe na-
kakhulu. **27** Ngaphezu kwalo-
kho, ngenxa yokuthi wayefuna
ukuwelela e-Akhaya, abazalwa-
ne babhalela abafundi, beba-
nxusa ukuba bamamukele ngo-
musa. Ngakho lapho efika kho-
na, wabasiza kakhulu labo aba-
bekholwe ngenxa yomusa om-
khulu kaNkulunkulu; **28** ngo-
ba wabonisa ngentshiseko uku-
thi amaJuda ayenephutha fu-
thi wakwenza obala lokho, ebo-
nisa ngemiBhalo ukuthi uJesu
unguKristu.[f]

**19** Phakathi nalezo zenzaka-
lo, ngesikhathi u-Apholo[g]
eseKorinte, uPawulu wadabula
izifunda ezimaphakathi nezwe
wehlela e-Efesu.[h] Wathola aba-
fundi abathile lapho, **2** wathi
kubo: “Nawuthola yini umoya

**18:22** *Kubonakala sengathi waya eJerusalema. **18:25** #Noma, “wayefundiswe ngomlomo.”

ongcwele lapho niba amakho-
lwa?”[a] Bamphendula bathi:
“Asikaze sizwe nakuzwa uku-
thi kukhona umoya ongcwele.”
**3** Wathi: “Pho kanti nabhapa-
thizwa ngani?” Bathi: “Ngobha-
pathizo lukaJohane.”[b] **4** UPa-
wulu wathi: “UJohane wabha-
pathiza ngobhapathizo olubo-
nisa ukuphenduka,[c] etshela
abantu ukuthi abakholwe yilo-
wo owayeza emva kwakhe,[d]
okuwukuthi, uJesu.” **5** Lapho
bezwa lokhu, babhapathizwa
egameni leNkosi uJesu. **6** La-
pho uPawulu ebabeka izandla,
umoya ongcwele wehlela phe-
zu kwabo,[e] baqala ukukhuluma
izilimi okungezona ezabo noku-
profetha.[f] **7** Sebebonke, ba-
bengamadoda angaba ngu-12.

**8** Engena esinagogeni,[g] wa-
khuluma ngesibindi izinyanga
ezintathu, enikeza izinkulumo
futhi ebonisana nabantu ngo-
Mbuso kaNkulunkulu ngendle-
la ekholisayo.[h] **9** Kodwa la-
pho abanye beba nenkani* be-
ngafuni ukukholwa, bekhulu-
ma kabi ngeNdlela#[i] phambi
kwesixuku, wasuka kubo[j] fu-
thi wahlukanisa abafundi nabo,
enikeza izinkulumo nsuku zo-
nke ehholo lesikole likaThira-
nu. **10** Lokhu kwenzeka imi-
nyaka emibili, kangangokuthi
bonke ababehlala esifunda-
zweni sase-Asiya balizwa izwi
leNkosi, amaJuda namaGreki.

**11** UNkulunkulu waqhube-
ka enza izimangaliso ezi-
nkulu ngezandla zikaPawulu,[k]
**12** kangangokuthi ngisho nezi-
ndwangu namaphinifa okwaku-
thinte umzimba wakhe kwaku-
thathwa kuyiswe kubantu aba-
gulayo,[l] izifo zibayeke, nemi-
moya emibi iphume.[m] **13** Ko-
dwa abanye kumaJuda ayeha-
mba ezulazula ekhipha ama-
demoni, nabo bazama ukuse-
benzisa igama leNkosi uJesu
kulabo ababenemimoya emibi;
babethi: “Ngiyakuyala ngoJe-
su uPawulu ashumayela nga-
ye.”[a] **14** Kwakukhona amado-
dana ayisikhombisa ompristi
omkhulu ongumJuda ogama la-
khe linguSkeva ayenza lo-
khu. **15** Kodwa umoya omu-
bi wawaphendula wathi: “Ngi-
yamazi uJesu[b] futhi ngijwaye-
lene noPawulu;[c] nina-ke ningo-
bani?” **16** Ngemva kwalokho
umuntu owayenomoya omubi
wagxumela kuwo, wawehlula
wonke, wawanqoba, aze aba-
leka kuleyo ndlu enqunu fu-
thi elimele. **17** Lokhu kwazi-
wa yibo bonke, amaJuda nama-
Greki ayehlala e-Efesu; bo-
nke bafikelwa ukwesaba, iga-
ma leNkosi uJesu laqhubeka
lidunyiswa. **18** Abaningi kula-
bo ababeye baba amakho-
lwa babefika bavume imikhu-
ba* yabo obala. **19** Ngempe-
la abaningana kulabo ababe-
nza ubuciko bemilingo baqoqe-
la izincwadi zabo ndawonye ba-
zishisa phambi kwawo wonke
umuntu.[d] Babala ukuthi zinga-
thengiswa ngamalini, bathola
ukuthi inani lazo lilingana nezi-
nhlamvu zesiliva ezingu-50 000.
**20** Ngakho izwi likaJehova* la-
qhubeka likhula futhi linqoba
ngendlela enamandla.[e]

**21** Lapho lezi zinto sezenze-
kile, uPawulu wanquma* uku-
thi ngemva kokudabula iMake-
doniya[f] ne-Akhaya, uzoya eJe-
rusalema.[g] Wathi: “Ngemva ko-
kuya lapho, kumele ngibone
neRoma.”[h] **22** Ngakho wathu-
mela eMakedoniya ababili ku-

ISAHL. 19
a IzE 2:38
b IzE 18:24, 25
c Mat 3:11; Mar 1:4
d Joh 1:15, 30
e IzE 8:14, 17
f IzE 2:1, 4; IzE 10:45, 46; 1Ko 12:8, 10
g IzE 17:2
h IzE 1:3; IzE 28:30, 31
i IzE 9:1, 2; IzE 22:4
j Mat 10:14
k IzE 14:3
l Mar 6:56; IzE 5:15
m Mat 10:1

Uhla 2
a IzE 16:18
b Mat 8:28, 29; Mar 1:23, 24; Luk 4:33, 34
c IzE 16:16, 17
d Dut 18:10, 11
e IzE 6:7; IzE 12:24; Kol 1:6
f 1Ko 16:5
g IzE 20:22
h IzE 23:11

**19:9** *Noma, “lukhuni.” #Okuwukuthi, indlela yobuKristu.

**19:18** *Noma, “izono.” **19:20** *Bheka iSithasiselo A5. **19:21** *NgesiGreki, “wanquma emoyeni wakhe.”

labo ababemkhonza, uThimo-
thewu[a] no-Erastu,[b] kodwa yena
wahlala isikhathi esithile esifu-
ndazweni sase-Asiya.
**23** Ngaleso sikhathi kwa-
vela ukuphazamiseka okukhu-
lu[c] ngokuqondene neNdlela.[d]
**24** Ngoba umuntu ogama la-
khe linguDemetriyu, umkha-
ndi wesiliva, owayenza izi-
ndawo zokukhonza zesili-
va zika-Arthemisi, wayenike-
za izingcweti inzuzo enkulu.[e]
**25** Waziqoqela ndawonye ka-
nye nabanye ababenza izinto
ezinjalo, wathi: "Madoda, nazi
kahle ukuthi sichunyiswa yilo
msebenzi. **26** Manje seniya-
bona futhi niyezwa ukuthi lo
Pawulu usithonye kanjani isi-
xuku esikhulu sakholelwa yi-
lokho akushilo, ukuthi onkulu-
nkulu abenziwe ngezandla aba-
bona onkulunkulu bangempe-
la,[f] lokhu akakwenzanga e-Efe-
su[g] kuphela kodwa cishe kuso
sonke isifundazwe sase-Asiya.
**27** Ngaphezu kwalokho, ku-
khona ingozi hhayi nje kuphe-
la eyokuthi leli bhizinisi lethu
lizoba nedumela elibi, kodwa
neyokuthi ithempeli likankulu-
nkulukazi omkhulu u-Arthemi-
si lizobhekwa njengelingelutho,
yena lo okhonzwa yiso so-
nke isifundazwe sase-Asiya na-
ngumhlaba owakhiwe uzophe-
lelwa ubukhazikhazi bakhe."
**28** La madoda athi ange-
zwa lokhu athukuthela kakhu-
lu, ayesememeza athi: "Mkhulu
u-Arthemisi wabase-Efesu!"
**29** Ngakho idolobha lagcwa-
la isiyaluyalu, bonke bathele-
ka enkundleni yemidlalo, bado-
nsa uGayu no-Aristarku[h] baha-
mba nabo, abangabaseMakedo-
niya, ababehamba noPawulu.
**30** UPawulu wafuna ukunge-
na ngaphakathi kubantu, ko-
dwa abafundi abamvumela-
nga. **31** Ngisho nabanye ku-
baphathi bemikhosi nemidlalo,
ababenobungani kuye, bathu-
mela umyalezo kuye, bemnce-
nga ukuba angazifaki engozi-
ni ngokungena enkundleni ye-
midlalo. **32** Eqinisweni aba-
nye babememeza besho oku-
nye nabanye besho okunye;
ngoba umhlangano wawunesi-
yaluyalu, iningi labo lalingasazi
isizathu sokuhlangana kwabo.
**33** Ngakho bakhipha u-Aleksa-
ndru esixukwini, amaJuda em-
phushela phambili, u-Aleksa-
ndru wathulisa abantu nge-
sandla efuna ukuziphendulela
kubo. **34** Kodwa lapho beqa-
phela ukuthi ungumJuda, bo-
nke bamemeza kanyekanye ci-
she amahora amabili bethi:
"Mkhulu u-Arthemisi wabase-
Efesu!"
**35** Lapho ekugcineni umgci-
ni-mibhalo wedolobha esesi-
thulisile isixuku, wathi: "Ma-
doda ase-Efesu, ubani ngempe-
la kubantu ongazi ukuthi ido-
lobha labase-Efesu lingumgcini
wethempeli lika-Arthemisi om-
khulu nowomfanekiso owawa
ezulwini? **36** Njengoba lezi zi-
nto zingenakuphikwa, kufane-
le nizole ningenzi ngamawa-
la. **37** Ngoba niwalethe lapha
la madoda angebona abaphangi
bamathempeli noma abahla-
mbalazi bakankulunkulukazi
wethu. **38** Ngakho uma uDe-
metriyu[a] nezingcweti ezikanye
naye benodaba ngothile, zikho-
na izinsuku zokuthetha amaca-
la futhi bakhona abaphathi-zi-
fundazwe;* mabamangalelane.
**39** Kodwa uma nifuna okunga-
le kwalokho, kumele kunqu-
nywe emhlanganweni ovamile.

**ISAHL. 19**
*a* IzE 16:1, 2
*b* 2Ti 4:20
*c* 2Ko 1:8
*d* IzE 9:1, 2; IzE 19:9; IzE 22:4
*e* IzE 16:16
*f* IzE 17:29; 1Ko 8:4
*g* Efe 1:1
*h* IzE 20:4; Kol 4:10; Flm 23, 24

**Uhla 2**
*a* IzE 19:24

**19:38** *Umphathi-sifundazwe wayengumbusi wesifundazwe ongumRoma. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**40** Ngoba ngempela sisengozi-
ni yokumangalelwa ngokuvuke-
la umbuso ngendaba yanamu-
hla, njengoba zingekho iziza-
thu esingaziveza zokuba kube
nalesi sixuku esixokozelayo.”
**41** Ngemva kokusho lezi zinto,
wasihlakaza isixuku.

**20** Lapho isiyaluyalu sesi-
nciphile, uPawulu wathu-
mela ukuba kulandwe abafu-
ndi, ngemva kokubakhutha-
za nokubavalelisa, wathatha
uhambo oluya eMakedoniya.
**2** Ngemva kokudabula lezo zi-
funda nokusho izinto ezini-
ngi ezikhuthazayo kwababela-
pho, wafika eGrisi. **3** Wahla-
la izinyanga ezintathu khona,
kodwa ngenxa yokuthi amaJu-
da amakhela uzungu[a] lapho nje
esezogibela umkhumbi aye eSi-
riya, wanquma ukubuya ada-
bule eMakedoniya. **4** Wayeha-
mbisana noSophatru indodana
kaPhiru waseBhereya, u-Ari-
starku[b] noSekhundu baseThe-
salonika, uGayu waseDerbe,
uThimothewu,[c] noThikhiku[d]
noTrofimu[e] basesifundazweni
sase-Asiya. **5** Laba bahamba
phambili basilinda eTrowa;
**6** kodwa thina sahamba ngom-
khumbi sisuka eFilipi ngemva
kwezinsuku zeSinkwa Esinge-
namvubelo,[f] safika kubo eTro-
wa zingakapheli izinsuku ezi-
nhlanu, sahlala khona izinsuku
eziyisikhombisa.

**7** Ngosuku lokuqala lweso-
nto, lapho sihlangene ndawo-
nye ukuze sidle, uPawulu we-
thula inkulumo kubo, nje-
ngoba ayezohamba ngakusasa;
inkulumo yakhe yadonsa kwa-
ze kwaba phakathi kwamabi-
li. **8** Kwakukhona izibani ezi-
ningana ekamelweni eliphe-
zulu lapho sasihlangene khona.
**9** Insizwa egama layo lingu-
Evitiku, eyayihlezi efasiteleni
yazunywa ubuthongo obukhu-
lu ngesikhathi uPawulu elokhu
ekhuluma, ibanjwe ubutho-
ngo, yawela phansi isuka esi-
tezi sesithathu bayithola isifi-
le. **10** Kodwa uPawulu wehle-
la phansi, waziphonsa phezu
kwayo wayanga[a] wathi: “Yeka-
ni ukukhathazeka ngoba uya-
phila.”[b] **11** Wabe esekhuphu-
kela phezulu waqala ukudla.*
Waqhubeka exoxa isikhathi esi-
de impela, kwaze kwaba se-
ntathakusa, wayeseyahamba.
**12** Ngakho umfana bamthatha
ephila futhi baduduzeka ka-
khulu.

**13** Ngemva kwalokho saha-
mba phambili saya emkhu-
njini saqala uhambo oluya
e-Asu, lapho sasihlose ukugi-
belisa khona uPawulu, ngo-
ba ngemva kokunikeza iziyalo
ngalokhu, yena wayehlose uku-
ya khona ngezinyawo. **14** La-
pho esifica e-Asu, samgibelisa
saya eMithilene. **15** Ngakusa-
sa, sasuka lapho ngomkhumbi,
safika ngaphesheya kweKhiyo,
kodwa ngosuku olulandela lolo
safika eSamo, kwathi ngosu-
ku olulandelayo safika eMile-
thu. **16** UPawulu wayenqume
ukudlula e-Efesu[c] ngomkhu-
mbi ukuze angachithi isikhathi
esifundazweni sase-Asiya, ngo-
ba wayejahe ukufika eJerusale-
ma[d] ngosuku loMkhosi WePhe-
ntekoste uma ayengase akwazi.

**17** Nokho, eseMilethu wa-
thumela umyalezo e-Efesu wa-
biza amadoda amadala eba-
ndla. **18** Lapho efika kuye,
wathi kuwo: “Niyazi kahle
indlela engaziphatha ngayo
phakathi kwenu kusukela ngo-
suku lokuqala engafika nga-
lo esifundazweni sase-Asiya,[e]

ISAHL. 20
a IzE 23:12, 16; 2Ko 11:23, 26
b IzE 27:2
c IzE 16:1, 2
d Efe 6:21; Kol 4:7; 2Ti 4:12
e IzE 21:29; 2Ti 4:20
f Eks 12:15; Eks 23:15

Uhla 2
a 1Kh 17:21, 22; 2Kh 4:32, 34
b Mat 9:23, 24; Joh 11:39, 40; IzE 9:39, 40
c IzE 18:21
d IzE 24:17
e IzE 19:9, 10

**20:11** * NgesiGreki, “wahlephula isinkwa wadla.”

**19** ngakhonza iNkosi ngokuzi-
thoba*[a] okukhulu nangezinye-
mbezi, ngehlelwa nayizilingo
ezininingi ngenxa yokuthi ama-
Juda ayengakhela uzungu,
**20** kuyilapho ngingagodlanga
ukunitshela noma yini ezintwe-
ni eziyinzuzo* nokunifundisa
obala[b] nasendlini ngendlu.[c]
**21** Kodwa kumaJuda naku-
maGreki nganikeza ubufakazi
obuphelele ngokuphathelene
nokuphendukela[d] kuNkulunku-
lu nokholo eNkosini yethu uJe-
su.[e] **22** Manje ngiya eJerusa-
lema ngiholwa* umoya, nakuba
ngingazi ukuthi kuzokwenze-
kani kimi khona, **23** ngapha-
ndle kokuthi umoya ongcwele
ufakaza kimi ngokuphindaphi-
ndiwe edolobheni nedolobha,
uthi ngilindelwe ukuboshwa
nezinsizi.[f] **24** Noma kunjalo,
ukuphila* kwami angikubheki
njengokubalulekile# kimi, uma
nje ngingaqeda inkambo yami[g]
nenkonzo engayamukela eNko-
sini uJesu, yokunikeza ubufa-
kazi obuphelele ngezindaba
ezinhle zomusa omkhulu ka-
Nkulunkulu.

**25** "Manje bhekani! Ngiya-
zi ukuthi akekho phakathi kwe-
nu nina engashumayela kini
uMbuso oyophinde abone ubu-
so bami. **26** Ngakho nginicela
ukuba nibe ngofakazi kulo ka-
nye lolu suku bokuthi ngi-
msulwa egazini labo bonke
abantu,[h] **27** ngoba angigodla-
nga ukunitshela yonke injongo
kaNkulunkulu.[i] **28** Ziqaphele-
ni nina[j] nawo wonke umhla-
mbi umoya ongcwele onimise
phakathi kwawo ukuba nibe
ababonisi,[a] ukuze neluse iba-
ndla likaNkulunkulu,[b] alithe-
nga ngegazi leNdodana ya-
khe.[c] **29** Ngiyazi ukuthi nge-
mva kokuhamba kwami kuzo-
ngena izimpisi ezicindezela-
yo phakathi kwenu[d] futhi nge-
ke ziwuphathe ngozwela um-
hlambi, **30** naphakathi kwe-
nu imbala, kuzovela amadoda
akhulume izinto ezisontekile
ukuze amonyule abafundi uku-
ba bawalandele.[e]

**31** "Ngakho-ke hlalani ni-
phapheme, nikhumbule uku-
thi iminyaka emithathu,[f] ubu-
suku nemini, angiyekanga uku-
yala ngamunye wenu ngezinye-
mbezi. **32** Manje ngininikela
kuNkulunkulu nasezwini lo-
musa wakhe omkhulu, okuyi-
zwi elinganakha futhi lininike
ifa phakathi kwabo bonke aba-
ngcwelisiwe.[g] **33** Angifisanga
siliva nagolide nangubo yamu-
ntu.[h] **34** Nina ngokwenu niya-
zi ukuthi ngisebenzile nge-
zandla zami ukuze nginakeke-
le izidingo zami[i] nezalabo aba-
nami. **35** Kukho konke, ngini-
bonisile ngezenzo zami[j] indle-
la okumele nisize ngayo ababu-
thakathaka, nikhumbule ama-
zwi eNkosi uJesu, athi: 'Kukho-
na injabulo eyengeziwe eku-
pheni[k] kunasekwamukeleni.'"

**36** Esezishilo lezi zinto, wa-
guqa phansi nabo bonke watha-
ndaza. **37** Bonke bakhala ka-
khulu impela, bamanga ngo-
thando uPawulu* bamqabu-
la,# **38** ngoba babezwa ubu-
hlungu ikakhulukazi ngezwi
ayelikhulumile lokuthi babe-
ngeke baphinde babubone ubu-
so bakhe.[l] Ngakho bampheleze-
la waya emkhunjini.

---

**20:19** *Noma, "ngengqondo enokuzithoba." **20:20** *Noma, "ezizonisiza." **20:22** *Noma, "ngiboshwe; ngiphoqwe." **20:24** *Noma, "umphefumulo." #Noma, "njengokuyigugu nganoma iyiphi indlela."

**20:37** *NgesiGreki, "bawela entanyeni kaPawulu." #Noma, "bamqabula ngothando."

---

ISAHL. 20
a 1Ko 15:9; 1Th 2:6
b Mat 28:19, 20; 2Ti 4:2
c IzE 5:42
d Mar 1:14, 15
e Luk 24:46, 47
f IzE 9:15, 16; IzE 21:4, 11
g 2Ti 4:7
h Hez 33:8
i Mat 28:19, 20
j 1Ti 4:16

Uhla 2
a 1Ti 3:1-7; Tit 1:5-9; Heb 13:17
b Joh 21:15; Efe 4:11; 1Pe 5:2-4
c Mat 26:27, 28; 1Jo 1:7
d Mat 7:15; 2Th 2:3; 2Pe 2:1
e 1Ti 4:1; 2Ti 4:3, 4; 1Jo 2:18, 19
f IzE 19:9, 10
g Efe 1:18; Kol 1:12
h 1Sa 12:1, 3; Mat 10:8; 1Ko 9:11, 12; 2Ko 7:2; Tit 1:7
i IzE 18:3; 1Ko 4:11, 12; 1Th 2:9
j Efe 4:28; 1Th 4:11, 12; 2Th 3:7, 8
k IzA 19:17; Mat 10:8; Luk 6:38
l IzE 20:25

**21** Ngemva kokuhlukana
nabo kabuhlungu* no-
kuhamba ngomkhumbi, sa-
thatha indlela eqondile safi-
ka eKhose, ngosuku olulande-
layo saya eRodu, ukusuka la-
pho saya ePathara. **2** Lapho
sithola umkhumbi owawuwele-
la eFenike, sagibela sahamba.
**3** Ngemva kokubona isiqhingi
saseKhupro, sasishiya ngemu-
va ngakwesobunxele* saqhu-
beka ngomkhumbi saya eSiri-
ya, sase sifika eThire, la-
pho umkhumbi wawuzothulula
khona umthwalo wawo. **4** Sa-
bafuna sabathola abafundi fu-
thi sahlala khona izinsuku
eziyisikhombisa. Kodwa nge-
nxa yalokho okwambulwa umo-
ya ongcwele, bamtshela ngoku-
phindaphindiwe uPawulu uku-
ba angalubeki unyawo lwakhe
eJerusalema.[a] **5** Lapho sesi-
phelile isikhathi sethu kuleyo
ndawo, sasuka sangena indle-
la, kodwa bonke, kanye nabe-
sifazane nabantwana, basiphe-
lezela saze saphumela ngapha-
ndle kwedolobha. Saguqa pha-
nsi ogwini, sathandaza **6** sa-
valelisana. Sabe sesigibela em-
khunjini, bona babuyela ema-
khaya.

**7** Sasuka eThire ngomkhu-
mbi safika ePhetolemayi,
sabingelela abazalwane sa-
hlala usuku olulodwa nabo.
**8** Ngosuku olulandelayo sasu-
ka saya eKhesariya, sange-
na endlini kaFiliphu umva-
ngeli, owayengomunye wama-
doda ayisikhombisa,[b] sahlala
naye. **9** Lo muntu wayenama-
dodakazi amane angashadile,*
ayeprofetha.[c] **10** Kodwa nge-
mva kokuba sesihlale izinsu-
kwana lapho, umprofethi oga-
ma lakhe lingu-Agabu[a] wehla
evela eJudiya. **11** Wafika ki-
thi wathatha ibhande likaPa-
wulu, wazibopha izinyawo ne-
zandla wathi: “Usho kanje umo-
ya ongcwele, ‘Umnikazi wale-
li bhande, amaJuda azombo-
pha ngale ndlela eJerusalema,[b]
amnikele kubantu bezizwe.’”[c]
**12** Lapho sikuzwa lokhu, thi-
na nabantu ababelapho, sam-
ncenga ukuba angakhuphu-
keli eJerusalema. **13** UPawu-
lu waphendula wathi: “Nikhale-
lani nisenza buthaka isinqumo
sami?* Qinisekani ngalokhu,
angilungele ukuboshwa nje ku-
phela kodwa ngilungele noku-
fa eJerusalema ngenxa ye-
gama leNkosi uJesu.”[d] **14** La-
pho engavimbeki, sayeka uku-
phikisana naye* sathi: “Intando
kaJehova# mayenzeke.”

**15** Ngemva kwalezi zinsuku
salungiselela uhambo, saliba-
ngisa eJerusalema. **16** Aba-
nye kubafundi baseKhesari-
ya nabo bahamba nathi, ba-
siyisa kuMnasoni waseKhu-
pro, umfundi okwabokuqala,
esasizoba izivakashi zakwakhe.
**17** Lapho sifika eJerusalema,
abafowethu basamukela nge-
njabulo. **18** Kodwa ngosuku
olulandelayo uPawulu waya na-
thi kuJakobe,[e] wonke amadoda
amadala ayekhona. **19** Wawa-
bingelela, wayeselandisa ngo-
kuningiliziwe izinto uNkulu-
nkulu ayezenze kwabezizwe
ngenkonzo yakhe.

**20** Ngemva kokuzwa lokhu,
akhazimulisa uNkulunkulu, ko-
dwa athi kuye: “Mfowethu, uya-
bona ukuthi ziningi kangakana-
ni izinkulungwane zamakholwa
akhona kumaJuda, wonke ashi-
sekela uMthetho.[f] **21** Kodwa

**ISAHL. 21**
- *a* IzE 21:10-12
- *b* IzE 6:3, 5
- *c* Jow 2:28; IzE 2:17; 1Ko 11:5

**Uhla 2**
- *a* IzE 11:27, 28
- *b* IzE 20:22, 23; IzE 21:33
- *c* IzE 9:15, 16
- *d* IzE 20:24; 2Ko 4:10, 11; 2Ti 4:6
- *e* IzE 12:17; IzE 15:13; Gal 1:19; Gal 2:9; Jak 1:1
- *f* IzE 15:1

**21:1** *Noma, “ngezinyembezi.” **21:3** *Noma, “ngasohlangothini lwetheku.” **21:9** *NgesiGreki, “ayizintombi nto.”

**21:13** *Noma, “ningenza buthaka enhliziyweni.” **21:14** *NgesiGreki, “sathula.” #Bheka iSithasiselo A5.

ezwe amahemuhemu ngawe
okuthi ubufundisa wonke ama-
Juda phakathi kwezizwe uku-
hlubuka kuMose, uwatshela
ukuthi angabasoki abantwana
bawo futhi angawalandeli ama-
siko.[a] **22** Yini okumele yenzi-
we? Nakanjani bazozwa uku-
thi ufikile. **23** Ngakho yenza
lokhu esikutshela kona: Sina-
madoda amane enze isifungo.
**24** Wathathe la madoda, uzi-
hlanze nawo ngokwesiko fu-
thi unakekele izindleko zawo,
ukuze agunde amakhanda awo.
Uma wenza lokho, bonke bazo-
kwazi ukuthi awekho la mahe-
muhemu abawatshelwe ngawe,
kodwa uhamba ngokuhleleki-
le futhi uyawugcina uMthetho.[b]
**25** Ngokuqondene namakho-
lwa avela kwabezizwe, siwa-
bhalele isinqumo sethu sawa-
thumelela sona, sokuthi kufa-
nele adede ezintweni ezihla-
tshelwe izithixo,[c] egazini,[d] ezi-
ntweni eziklinyiwe*[e] nasekuzi-
phatheni kabi ngokocansi."#[f]

**26** UPawulu wabe esewa-
thatha la madoda ngosuku
olulandelayo wazihlanza kanye
nawo ngokwesiko,[g] wangena
ethempelini ukuze asho uku-
thi zizophela nini izinsuku zo-
kuhlanzwa ngokwesiko noku-
thi umnikelo womuntu ngamu-
nye kubo uyolethwa nini.

**27** Lapho izinsuku eziyisi-
khombisa sezizophela, amaJu-
da ase-Asiya, lapho embona
ethempelini, axokozelisa sonke
isixuku, ambamba, **28** eme-
meza ethi: "Bantu bakwa-Isra-
yeli, sizani! Nangu lo muntu
ofundisa bonke abantu kuyo
yonke indawo izinto ezingavu-
melani nesizwe sethu noMthe-
tho wethu kanye nale ndawo.
Ngaphezu kwalokho, ungenise
ngisho namaGreki ethempelini
wayingcolisa le ndawo engcwe-
le."[a] **29** Ngaphambili ayebone
uTrofimu[b] wase-Efesu enaye
edolobheni, acabanga ukuthi
uPawulu wayemngenise ethe-
mpelini. **30** Lonke idolobha
laba nesiyaluyalu, abantu beza
begijima, babamba uPawulu
bamhudulela ngaphandle kwe-
thempeli, ngokushesha iminya-
ngo yavalwa. **31** Lapho beza-
ma ukumbulala, umlawuli we-
butho wathola umbiko othi ku-
nesiyaluyalu kulo lonke iJeru-
salema; **32** ngaso leso sikha-
thi wathatha amasosha nezi-
khulu zamabutho wagijima we-
hlela kubo. Lapho bebona
umlawuli wamabutho namaso-
sha, bayeka ukushaya uPa-
wulu.

**33** Umlawuli wamabutho wa-
sondela wamthatha wamyisa
ejele, wayala ukuba aboshwe
ngamaketanga amabili;[c] wabe
esebuza ukuthi ungubani noku-
thi wayenzeni. **34** Kodwa aba-
nye esixukwini babememeza
okunye nabanye bememeza oku-
nye. Ngakho, naye engakwazi
ukuthola ukuthi kwakwenzeke-
ni ngempela ngenxa yokuxoko-
zela, wayala ukuba alethwe eka-
mu lamasosha. **35** Kodwa la-
pho efika ezitebhisini, kwadi-
ngeka ukuba athwalwe amaso-
sha ngenxa yobudlova besixuku,
**36** ngoba isixuku sabantu sasi-
lokhu silandela, simemeza sithi:
"Mbulaleni!"

**37** Lapho esezoyiswa eka-
mu lamasosha, uPawulu wathi
kumlawuli wamabutho: "Ngivu-
melekile yini ukusho okuthile
kuwe?" Wathi: "Uyakwazi uku-
khuluma isiGreki? **38** Awuye-
na yini lo mGibhithe okwa-
thi esikhathini esidlule wa-
bhebhezela ukuvukela umbuso

**ISAHL. 21**
*a* Rom 2:28, 29; 1Ko 7:18-20
*b* 1Ko 9:20
*c* Gen 35:2; Eks 34:15
*d* Gen 9:4; Lev 3:17; Lev 17:10; 1Sa 14:32, 33
*e* Lev 17:13; Dut 12:23, 24
*f* IzE 15:28, 29; 1Ko 6:9; Kol 3:5; 1Th 4:3; 1Pe 4:3
*g* 1Ko 9:20

**Uhla 2**
*a* IzE 24:5, 6
*b* IzE 20:4; 2Ti 4:20
*c* IzE 20:22, 23; IzE 21:10, 11

**21:25** *Noma, "ezibulawe zingophiswa-nga." #NgesiGreki, *por·nei′a.* Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

futhi waholela ngaphandle
ehlane amadoda angababulalali
angu-4 000?” **39** UPawulu wa-
thi: “Eqinisweni, ngingumJu-
da[a] waseTarsu[b] eKhilikhiya,
isakhamuzi sedolobha elaziwa-
yo. Ngakho ngiyakuncenga,
ngivumele ngikhulume nala-
ba bantu.” **40** Ngemva koku-
mvumela, uPawulu, emi ezite-
bhisini, wathulisa abantu nge-
sandla. Lapho umsindo sewe-
hlile, wakhuluma nabo ngolimi
lwesiHebheru,[c] wathi:

**22** “Madoda, bafowethu na-
wobaba, yizwani ukuzi-
phendulela kwami kini manje.”[d]
**2** Nokho, lapho bezwa ukuthi
ukhuluma nabo ngolimi lwe-
siHebheru, bathula nakakhu-
lu, wathi: **3** “Mina ngingum-
Juda,[e] owazalelwa eTarsu la-
seKhilikhiya,[f] kodwa owafundi-
swa kuleli dolobha nguGa-
maliyeli,[g] efundiswa ngendlela
eqinile yoMthetho wokhokho,[h]
ngishisekela uNkulunkulu nje-
ngoba nje nani nonke ninja-
lo namuhla.[i] **4** Ngabashushisa
abantu bale Ndlela kwaze kwa-
ba seqophelweni lokuba bafe,
ngibopha futhi nginikela ama-
doda nabesifazane emajele,[j]
**5** njengoba umpristi ophake-
me nawo wonke umkhandlu
wamadoda amadala bengangi-
fakazela. Ngathola kubo nezi-
ncwadi eziya kubafowethu eDa-
maseku, ngangisendleleni uku-
ze labo ababelapho ngibalethe
eJerusalema beboshiwe ukuze
bajeziswe.

**6** “Kodwa lapho ngihamba
ngisondela eDamaseku, cishe
emini bebade, kungazelelwe
kwabanika nxazonke ukukha-
nya okukhulu okuvela ezulwi-
ni,[k] **7** ngawela phansi, ngezwa
izwi lithi kimi: ‘Sawulu, Sawu-
lu, ungishushiselani?’ **8** Nga-
phendula ngathi: ‘Ungubani
Nkosi?’ Yathi kimi: ‘NginguJe-
su umNazaretha, omshushisa-
yo.’ **9** Amadoda ayenami aku-
bona ukukhanya, kodwa awali-
zwanga izwi lalowo owayekhu-
luma nami. **10** Ngathi: ‘Kufa-
nele ngenzeni Nkosi?’ INkosi
yathi kimi: ‘Vuka, uye eDa-
maseku, usulapho uzotshelwa
ngakho konke omiselwe uku-
kwenza.’[a] **11** Kodwa njengoba
ngangingaboni lutho ngenxa
yenkazimulo yalokho kukha-
nya, ngafika eDamaseku ngiho-
lwa yilabo ababenami.

**12** “U-Ananiya, indoda ezi-
nikele ngokuvumelana noMthe-
tho, ekhulunyelwa kahle yiwo
wonke amaJuda ahlala lapho,
**13** weza kimi. Wama ecele-
ni kwami wathi kimi: ‘Sawulu,
mfowethu, phinda ubone!’ Nga-
so leso sikhathi ngaphakami-
sa amehlo ngambona.[b] **14** Wa-
thi: ‘UNkulunkulu wokhokho
bethu ukukhethile ukuba wazi
intando yakhe, ubone olungile[c]
futhi uzwe amazwi awakhulu-
me ngomlomo wakhe, **15** ngo-
ba uzoba ufakazi wakhe kubo
bonke abantu, wezinto ozibo-
nile nozizwile.[d] **16** Manje ku-
ngani ulokhu ubamba uyeka?
Vuka, ubhapathizwe, uhlanze
izono zakho[e] ngokubiza igama
lakhe.’[f]

**17** “Kodwa lapho sengibuye-
le eJerusalema[g] futhi ngitha-
ndaza ethempelini, ngabona
umbono, **18** ngambona ethi
kimi: ‘Shesha uphume eJeru-
salema masinyane, ngoba nge-
ke babamukele ubufakazi ba-
kho ngami.’[h] **19** Ngathi: ‘Nko-
si, bona ngokwabo bazi kahle
ukuthi ngangibafaka ejele, ngi-
babhhambabula emasinagogeni
labo abakholwa nguwe;[i]
**20** futhi lapho igazi likaSte-
fanu ufakazi wakho lichithwa,
ngangilapho ngikwamukela lo-

ISAHL. 21
*a* Flp 3:4, 5
*b* IzE 22:3
*c* IzE 26:14

ISAHL. 22
*d* Flp 1:7
*e* Rom 11:1
*f* IzE 21:39
*g* IzE 5:34
*h* IzE 26:4, 5
*i* Gal 1:14; Flp 3:4-6
*j* IzE 8:3; IzE 9:1, 2; IzE 26:9-11; 1Ti 1:12, 13
*k* IzE 9:3-8; IzE 26:13-15

Uhla 2
*a* IzE 26:16
*b* IzE 9:17, 18
*c* 1Ko 9:1; 1Ko 15:8; Gal 1:15, 16
*d* IzE 23:11; IzE 26:16
*e* 1Ko 6:11; 1Jo 1:7; IsA 1:5
*f* IzE 10:43
*g* IzE 9:26; Gal 1:18
*h* IzE 9:28, 29
*i* IzE 8:3

kho futhi ngigade izingubo za-
ngaphandle zalabo ababembu-
lala.’[a] **21** Kodwa wathi kimi:
‘Hamba ngoba ngizokuthuma
ezizweni ezikude.’ ”[b]

**22** Baqhubeka bemlalele
kwaze kwaba yilapho esho lawo
mazwi. Ngemva kwalokho ba-
memeza, bathi: “Umuntu onje-
na makasuswe emhlabeni ngoba
akufanele aphile!” **23** Ngenxa
yokuthi babememeza, bephonsa
izingubo zabo zangaphandle
ngapha nangapha, bephonsa
nothuli emoyeni,[c] **24** umlawuli
wamabutho wayala ukuba uPa-
wulu angeniswe ekamu lama-
sosha, wathi kufanele aphe-
nywe ngokubhaxabulwa, uku-
ze athole ukuthi yini ngempe-
la ebenza bamemeze ngale ndle-
la ngoPawulu. **25** Kodwa la-
pho sebembophile ukuze abha-
xabulwe, uPawulu wathi esi-
khulwini sebutho esasimi lapho:
“Ingabe kungokomthetho uku-
ba nibhaxabule umuntu ongum-
Roma* engalahlwanga yicala?”#[d]
**26** Lapho isikhulu sebutho si-
zwa lokhu, saya kumlawuli wa-
mabutho sabika, sathi: “Yini
ohlose ukuyenza? Ngoba lo
muntu ungumRoma.” **27** Nga-
kho umlawuli wamabutho wa-
sondela kuye wathi: “Ngitshele,
ungumRoma yini wena?” Wathi:
“Yebo.” **28** Umlawuli wamabu-
tho waphendula wathi: “Ngawa-
thenga ngemali enkulu la malu-
ngelo okuba yisakhamuzi.” UPa-
wulu wathi: “Mina-ke ngawatho-
la lapho ngizalwa.”[e]

**29** Ngokushesha ngemva
kwalokho, amadoda ayesezom-
phenya ngesihluku asuka kuye;
umlawuli wamabutho wesa-
ba lapho ethola ukuthi waye-
ngumRoma nokuthi wayembo-
phe ngamaketanga.[f]

**30** Ngosuku olulandelayo,
ngenxa yokuthi wayefuna
ukwazi ukuthi kahle hle ama-
Juda ayembekelani icala, wam-
khulula, wayala abapristi aba-
khulu nayo yonke iSanhedrini
ukuba bahlangane. Wabe ese-
hlisa uPawulu wammisa phaka-
thi kwabo.[a]

**23** Egqolozele iSanhedrini,
uPawulu wathi: “Madoda,
bafowethu, ngiziphathe ngone-
mbeza omsulwa ngokuphelele[b]
phambi kukaNkulunkulu kuze
kube namuhla.” **2** Umpristi
ophakeme u-Ananiya wayala
labo ababemi ngakuye ukuba
bamshaye emlonyeni. **3** UPa-
wulu wathi kuye: “UNkulunku-
lu uzokushaya wena mzenzi-
si.* Ingabe uhlalele ukungahlu-
lela ngokuvumelana noMthe-
tho, ngesikhathi esifanayo
weqe uMthetho ngokuyala uku-
ba ngishaywe?” **4** Labo aba-
bemi lapho bathi: “Uthuka um-
pristi ophakeme kaNkulunku-
lu?” **5** UPawulu wathi: “Ba-
fowethu, bengingazi ukuthi
ungumpristi ophakeme. Ngoba
kulotshiwe ukuthi, ‘Ungakhu-
lumi kabi ngombusi wabantu
bakini.’ ”[c]

**6** UPawulu ebona ukuthi
enye ingxenye yayingabaSadu-
si kodwa enye ingabaFarisi, wa-
memeza kuyiSanhedrini wathi:
“Madoda, bafowethu, ngingum-
Farisi,[d] indodana yabaFarisi.
Ngahlulelwa ngenxa yethemba
lovuko lwabafile.” **7** Ngenxa
yokusho lokhu, kwavela uku-
ngezwani phakathi kwabaFari-
si nabaSadusi, bahlukana pha-
kathi. **8** Ngoba abaSadusi ba-
thi akukho vuko nangelosi na-
moya, kodwa abaFarisi bakwa-
mukela* konke.[e] **9** Ngakho

**22:25** *Noma, “isakhamuzi saseRoma.” #Noma, “engaquliswanga icala?”

**23:3** *Noma, “ludonga olucakwe ngokumhlophe.” **23:8** *Noma, “bakuvuma obala.”

ISAHL. 22
a IzE 7:58; IzE 8:1; 1Ti 1:13, 15
b IzE 9:15; IzE 13:2; Rom 1:5; Rom 11:13; Gal 2:7; 1Ti 2:7
c 2Sa 16:13
d IzE 16:37, 38; IzE 23:27
e IzE 16:37
f IzE 25:16

Uhla 2
a Mat 10:17, 18; Luk 21:12

ISAHL. 23
b IzE 24:15, 16; 2Ko 1:12; Heb 13:18; 1Pe 3:16
c Eks 22:28
d IzE 26:4, 5; Flp 3:4, 5
e IzE 4:1, 2

kwaba nesiyaluyalu esikhulu,
abanye kubabhali beqembu la-
baFarisi basukuma baphikisa-
na kwashunqa uthuli, bethi:
“Asitholi lutho olubi kulo mu-
ntu, kodwa uma umoya noma
ingelosi yakhuluma naye[a]—.”
**10** Lapho ukungezwani kuba
kukhulu, umlawuli wamabutho
wesaba ukuthi babezombulalala
uPawulu, ngakho wayala ama-
sosha ukuba ehle amhlwithe
phakathi kwabo amlethe eka-
mu lamasosha.

**11** Kodwa ngobusuku obula-
ndelayo iNkosi yama ngakuye
yathi: “Yiba nesibindi![b] Ngoba
njengoba nje ubufakaza ngoku-
gcwele ngami eJerusalema, ka-
njalo kumele ufakaze futhi na-
seRoma.”[c]

**12** Lapho kusa, amaJuda
akha uzungu, afunga ukuthi
ngeke adle noma aphuze aze
ambulale uPawulu. **13** Aye-
ngaphezu kuka-40 amadoda
akha lolu zungu futhi enza isi-
fungo. **14** La madoda aya ku-
bapristi abakhulu nasemadode-
ni amadala afike athi: “Se-
nze isifungo sokuthi ngeke si-
dle lutho nhlobo size simbulale
uPawulu. **15** Ngakho nina ka-
nye neSanhedrini kufanele na-
zise umlawuli wamabutho uku-
thi kumele amehlisele kini nje-
ngokungathi nifuna ukulihloli-
sisa ngokwengeziwe icala la-
khe. Kodwa ngaphambi kokuba
asondele, sizobe sesikulungele
ukumbulala.”

**16** Nokho, umshana kaPa-
wulu wezwa ngozungu ababe-
lwakha, wangena ekamu la-
masosha wabikela uPawu-
lu. **17** UPawulu wabe esebi-
za esinye sezikhulu zebutho
wathi: “Hambisa le nsizwa
kumlawuli wamabutho, ngo-
ba inokuthile efuna ukumbi-
kela kona.” **18** Ngakho sayi-

ISAHL. 23
a IzE 22:6, 7
IzE 22:17, 18
b IzE 18:9
c IzE 27:23, 24
IzE 28:23
IzE 28:30, 31

Uhla 2
a IzE 23:15
b IzE 23:12
c IzE 21:31-33
d IzE 16:37
IzE 22:25

thatha sayihambisa kumlawu-
li wamabutho, sathi: “Isibo-
shwa esinguPawulu singibizi-
le sangicela ukuba ngilethe
le nsizwa kuwe ngoba inoku-
thile efuna ukukutshela kona.”
**19** Umlawuli wamabutho wayi-
bamba ngesandla wayoyibuza
ngasese: “Yini le ofuna ukungi-
bikela yona?” **20** Yathi: “Ama-
Juda avumelene ngokuba aku-
cele wehlisele uPawulu kuyiSa-
nhedrini kusasa, njengokunga-
thi ahlose ukuzwa okwenge-
ziwe ngecala lakhe.[a] **21** Ko-
dwa ungawavumeli ukuba aku-
thonye, ngoba amadoda angu-
40 kuwo amcuthele, enze isifu-
ngo sokuthi ngeke adle noma
aphuze engakambulali;[b] asemi
ngomumo manje, alindele uku-
ba wamukele isicelo sawo.”
**22** Ngakho umlawuli wamabu-
tho wayidedela le nsizwa nge-
mva kokuyiyala ethi: “Unga-
tsheli muntu ukuthi ungitsheli-
le lokhu.”

**23** Wabiza izikhulu zebutho
ezimbili wathi kuzo: “Lungisa-
ni amasosha angu-200 ukuba
amashe aze afike eKhesariya,
kanye nabagibeli bamahhashi
abangu-70 nabaphatha imikho-
nto abangu-200, ngehora lesi-
thathu lobusuku.* **24** Lungi-
sani amahhashi ukuze nigi-
belise uPawulu nimyise ku-
Feliksi umbusi ngokuphepha.”
**25** Wabhala incwadi ethi:

**26** “Mina Klawudiyu Lisiya,
ngikubhalela le ncwadi wena
Mhlonishwa, Mbusi Feliksi: Ngi-
yabingelela! **27** Le ndoda ya-
banjwa amaJuda futhi ayese-
zoyibulala, kodwa ngafika ngo-
kushesha namasosha ami nga-
yisindisa,*[c] ngoba ngezwa uku-
thi ingumRoma.[d] **28** Njengo-

**23:23** *Okuwukuthi, cishe ngo-9:00 ebusuku. **23:27** *Noma, “ngayophula.”

ba ngangifuna ukuthola uku-
thi kungani ayeyimangale-
la, ngayehlisela kuyiSanhedri-
ni yawo.[a] **29** Ngayithola ibe-
kwa icala ngezinto eziphathe-
lene noMthetho wawo,[b] ko-
dwa ingamangalelwa nangento
eyodwa eyenza ifanelwe uku-
fa noma ukuboshwa. **30** Ko-
dwa ngenxa yokuthi ngitsheli-
we ngozungu eyakhelwe lona,[c]
ngiyithumela kuwe njengama-
nje futhi ngiyala labo abayima-
ngalele ukuba balethe leli cala
kuwe."

**31** Ngakho la masosha am-
thatha uPawulu[d] njengoba aye-
yaliwe amyisa e-Antipatheri
ebusuku. **32** Ngosuku olula-
ndelayo avumela abagibeli ba-
mahhashi ukuba baqhubeke-
le phambili naye, wona abuye-
la ekamu lamasosha. **33** Aba-
gibeli bamahhashi bangena
eKhesariya banikeza umbu-
si incwadi base bethula noPa-
wulu kuye. **34** Wayifunda, wa-
buza ukuthi uvela kusiphi
isifundazwe, wathola ukuthi
ungowaseKhilikhiya.[e] **35** Wa-
thi: "Ngizokunika ithuba loku-
ba ukhulume konke lapho aba-
kumangalele sebefikile."[f] Waya-
la ukuba agcinwe esigodlweni
sikaHerode agadwe.

**24** Ezinsukwini ezinhlanu
kamuva umpristi opha-
keme u-Ananiya[g] wehla nama-
nye amadoda amadala nesikhu-
lumi saseningini,* esigama laso
linguTertulu, bamangalela uPa-
wulu kumbusi.[h] **2** Lapho ebi-
zwa, uTertulu wammangalela,
ethi:

"Njengoba sijabulela ukuthu-
la okukhulu ngenxa yakho fu-
thi kwenzeka izinguquko kule-
si sizwe ngenxa yokuhlela kwa-
kho izinto kusengaphambili,
**3** siyakuqaphela lokhu futhi si-
bonga kakhulu ngazo zonke
izikhathi nakuzo zonke izinda-
wo, Mhlonishwa Feliksi. **4** Ko-
dwa ukuze ngingakubambezeli
kakhulu, ngiyakuncenga ukuba
usilalele kafushane ngomusa
wakho. **5** Ngoba sithole uku-
thi le ndoda iwuhlupho,[a] ibhe-
bhezela ukuvukela umbuso[b]
phakathi kwawo wonke amaJu-
da emhlabeni wonke, ingumho-
li weqembu lenkolo lamaNaza-
retha.[c] **6** Yazama nokungco-
lisa ithempeli, ngakho sayi-
bamba.[d] **7** *— **8** Lapho uyi-
phenya uzozithola zonke lezi
zinto esiyimangalela ngazo."

**9** Khona manjalo amaJu-
da nawo ahlanganyela kulokhu
kuhlasela, egomela ngokuthi
lezi zinto ziyiqiniso. **10** La-
pho umbusi ekhomba uPawu-
lu ngekhanda ukuba akhulume,
waphendula:

"Njengoba ngazi kahle uku-
thi ubungumahluleli walesi si-
zwe iminyaka eminingi, ngizi-
phendulela ngokunganqikazi.[e]
**11** Njengoba nawe ungaku-
qinisekisa lokhu, azikaphe-
li izinsuku ezingu-12 kusuke-
la ngakhuphukela eJerusale-
ma ngiyokhonza uNkulunkulu;[f]
**12** abangitholanga ngiphikisa-
na namuntu ethempelini noma
ngibanga isiyaluyalu esixukwi-
ni, kungakhathaliseki ukuthi
kusemasinagogeni noma kulo
lonke idolobha. **13** Futhi aba-
nakuzifakazela kuwe izinto
abangimangalela ngazo nje-
ngamanje. **14** Kodwa ngiyavu-
ma kuwe ukuthi, ngokwendle-
la abayibiza ngokuthi iqembu
lenkolo, ngale ndlela nginikela
inkonzo engcwele kuNkulunku-
lu wokhokho bami,[g] njengoba
ngikholwa yizo zonke izinto

**24:1** * Noma, "nommeli."

**24:7** * Bheka iSithasiselo A3.

**ISAHL. 23**
a IzE 22:30
b IzE 25:19
c IzE 23:16
d IzE 23:23, 24
e IzE 21:39; IzE 22:3
f IzE 24:1

**ISAHL. 24**
g IzE 23:2
h IzE 23:26

**Uhla 2**
a Mat 5:11; IzE 16:20, 21; IzE 17:6, 7
b Luk 23:1, 2
c Mat 2:23; IzE 28:22
d IzE 21:27, 28
e Flp 1:7
f IzE 21:17, 26
g Eks 3:15; IzE 3:13; 2Ti 1:3

ezibekwe eMthethweni nezilo-
tshwe kubaProfethi.[a] **15** Ngi-
nethemba kuNkulunkulu, oku-
yithemba nalaba bantu aba-
lilangazelelayo, lokuthi kuyoba
khona uvuko[b] lwabalungile na-
bangalungile.[c] **16** Ngenxa ya-
lokhu, ngihlale ngisebenza ka-
nzima ukuze ngilondoloze une-
mbeza ohlanzekile* phambi
kukaNkulunkulu nakubantu.[d]
**17** Ngemva kweminyaka emini-
ngana impela, ngafika ngilethe
izipho zesihe[e] neminikelo esi-
zweni sakithi. **18** Lapho ngi-
senza lezi zinto, bangithola ngi-
hlanzekile ngokwesiko ethe-
mpelini,[f] kodwa kungenasixu-
ku futhi ngingabangeli siyalu-
yalu. Kodwa kwakukhona ama-
Juda athile ayevela esifunda-
zweni sase-Asiya **19** okufane-
le abe khona phambi kwakho
ukuze angimangalele uma nge-
mpela enokuthile okubi nga-
mi.[g] **20** Noma, wona la mado-
da akhona lapha mawasho uku-
thi yini embi ayithola lapho
ngimi phambi kweSanhedrini,
**21** ngaphandle kwale nto eyo-
dwa engamemeza ngayisho la-
pho ngimi phakathi kwawo:
'Namuhla ngahlulelwa phambi
kwenu ngenxa yovuko lwabafi-
le!' "[h]

**22** Nokho, uFeliksi, ewazi
kahle amaqiniso aphathelene
nale Ndlela,[i] wawaxosha la ma-
doda wathi: "Noma nini la-
pho uLisiya umkhuzi wamabu-
tho ehla, ngizokwenza isinqu-
mo ngalezi zindaba ezinithinta-
yo." **23** Wayala isikhulu sama-
butho ukuba lo muntu agci-
nwe eboshiwe kodwa anikezwe
inkululeko ethile, nokuba aba-
ntu bakubo bavunyelwe ukuba
banakekele izidingo zakhe.

**24** Ngemva kwezinsuku ezi-
thile, uFeliksi wafika noDru-
sila umkakhe, owayengumJu-
da, wathumela ukuba kula-
ndwe uPawulu, wamlalela nje-
ngoba ekhuluma ngokukho-
lwa kuKristu Jesu.[a] **25** Ko-
dwa njengoba uPawulu ayekhu-
luma ngokuqondene nokulunga
nokuzithiba nokwahlulela oku-
zayo,[b] uFeliksi wethuka, wa-
phendula wathi: "Okwamanje
hamba, kodwa lapho ngitho-
la ithuba ngizothumela ukuba
ubizwe futhi." **26** Ngesikhathi
esifanayo wayenethemba lo-
kuthi uPawulu uzomnika ima-
li. Ngenxa yalokho, wayethume-
la kaningi ukuba alandwe axo-
xe naye. **27** Kodwa lapho se-
kudlule iminyaka emibili, kwa-
ngena uPorkiyu Festu esikhu-
ndleni sikaFeliksi; ngenxa yo-
kuthi uFeliksi wayefisa ukutha-
ndwa amaJuda,[c] washiya uPa-
wulu eboshiwe.

**25** Ngakho uFestu,[d] esefi-
ke esifundazweni watha-
tha izintambo, ngemva kwezi-
nsuku ezintathu wakhuphukela
eJerusalema esuka eKhesariya.
**2** Abapristi abakhulu namado-
da avelele kumaJuda bethula
izikhalo zabo ngoPawulu.[e] Nga-
kho bancenga uFestu **3** uku-
ze ababonise umusa, athu-
mele uPawulu ukuba alethwe
eJerusalema. Kodwa babece-
ba ukumcuthela uPawulu ba-
mbulale endleleni.[f] **4** Nokho,
uFestu waphendula ngokuthi
uPawulu kwakumele agcinwe
eKhesariya nokuthi naye ngo-
kwakhe wayesezobuyela khona
ngokushesha. **5** Wathi: "Nga-
kho labo abasesikhundleni so-
kuphatha phakathi kwenu, ma-
behle nami bambeke icala, uma
ngempela kunokuthile okunga-
lungile okwenziwe yile ndo-
da."[g]

**6** Ngakho lapho esechithe
izinsuku ezingaba ngu-8 noma

**ISAHL. 24**
*a* IzE 28:23; Rom 3:21
*b* Isay 26:19; Mat 22:31, 32; Luk 14:13, 14; Joh 5:28, 29; Joh 11:25; Heb 11:35; IsA 20:12
*c* Luk 23:43
*d* IzE 23:1; 1Ko 4:4; Heb 13:18
*e* 2Ko 8:4
*f* IzE 21:24, 26
*g* IzE 25:16
*h* IzE 23:6
*i* IzE 9:1, 2; IzE 19:9

**Uhla 2**
*a* Mat 10:18
*b* IzE 17:30, 31; 2Ko 5:10
*c* IzE 25:9

**ISAHL. 25**
*d* IzE 24:27
*e* IzE 24:1
*f* IzE 23:20, 21
*g* IzE 25:16

**24:16** *Noma, "ongenacala."

eziyishumi phakathi kwabo,
wehlela eKhesariya, ngosu-
ku olulandelayo wahlala esi-
hlalweni sokwahlulela waya-
la ukuba kungeniswe uPawu-
lu. **7** Lapho engena, amaJuda
ayehle evela eJerusalema ama
amzungeza, ambeka amacala
amaningi amabi ayengakwazi
ukuveza ubufakazi bawo.[a]

**8** Kodwa uPawulu wazivike-
la wathi: "Angenzanga sono
ngokumelene noMthetho wa-
maJuda noma ngokumelene
nethempeli noma ngokumelene
noKhesari."[b] **9** UFestu, efisa
ukuthandwa amaJuda,[c] waphe-
ndula wathi kuPawulu: "Inga-
be uthanda ukukhuphukela
eJerusalema wahlulelwe kho-
na phambi kwami mayelana na-
lezi zinto?" **10** Kodwa uPawu-
lu wathi: "Ngimi phambi kwesi-
hlalo sokwahlulela sikaKhesa-
ri, lapho kufanele ngahlulelwe
khona. Angonanga lutho kuma-
Juda, okuyinto nawe oyibona-
yo. **11** Uma ngempela ngingu-
menzi wobubi futhi ngenze
noma yini engenza ngifane-
lwe ukufa,[d] angikubalekeli uku-
fa; kodwa uma bungekho ubu-
fakazi obuphathekayo bezinso-
lo laba bantu abanazo ngami,
akukho muntu onelungelo lo-
kunginikela kubo ukuze atha-
ndwe abantu. Ngidlulisela icala
kuKhesari!"[e] **12** UFestu, nge-
mva kokukhuluma nomkha-
ndlu wabeluleki, waphendula:
"Udlulisele icala kuKhesari;
uzoya kuKhesari."

**13** Lapho sekudlule izinsu-
ku ezithile, u-Agripha inko-
si noBernike bafika eKhesa-
riya beyovakashela* uFestu.
**14** Njengoba babelapho izinsu-
ku eziningana, uFestu wethula
icala likaPawulu enkosini, ethi:
"Kukhona indoda eyashiywa
uFeliksi iyisiboshwa, **15** la-
pho ngiseJerusalema abapri-
sti abakhulu namadoda amada-
la amaJuda bayimangalela,[a]
becela ukuba ilahlwe yicala.
**16** Kodwa ngabaphendula nga-
thi akuyona inqubo yamaRo-
ma ukuzenza uthandwe ngoku-
nikela umuntu ngaphambi ko-
kuba obekwe icala abhekane
ubuso nobuso nalabo abamma-
ngalele futhi athole ithuba lo-
kuziphendulela ngokuphathe-
lene naleso sikhalo.[b] **17** Nga-
kho lapho befika, angichitha-
nga sikhathi, kodwa ngosu-
ku olulandelayo ngahlala esi-
hlalweni sokwahlulela ngayala
ukuba le ndoda ingeniswe.
**18** Lapho bema, abayimanga-
lele abayibekanga cala lano-
ma yiziphi izinto ezimbi enga-
ngizicabanga.[c] **19** Babemane
nje bephikisana nayo mayela-
na nokukhonza kwabo unku-
lunkulu*[d] nangokuphathelene
nendoda ebizwa ngokuthi uJe-
su, eyafa kodwa uPawulu aye-
lokhu egomela ngokuthi iya-
phila.[e] **20** Njengoba ngangidi-
dekile ngingazi ukuthi ngikusi-
ngathe kanjani lokhu kuphiki-
sana, ngabuza ukuthi angatha-
nda yini ukuya eJerusalema
ahlulelwe khona mayelana na-
lezi zindaba.[f] **21** Kodwa lapho
uPawulu ecela ukuba agcinwe
eboshiwe aze athole isinqumo
soMhlonishwa,*[g] ngayala uku-
ba agcinwe ejele ngize ngim-
thumele kuKhesari."

**22** U-Agripha wathi kuFe-
stu: "Ngingathanda ukuzizwe-
la yena mathupha lo muntu."[h]
Wathi kuye: "Uzomuzwa ku-
sasa." **23** Ngosuku olulande-
layo, u-Agripha noBernike bafi-
ka ngokubukisa okukhulu

ISAHL. 25
a Mat 5:11; Luk 23:1, 2; IzE 24:5
b IzE 24:11, 12
c IzE 24:27
d IzE 23:26, 29
e IzE 28:17-19

Uhla 2
a IzE 25:2, 3
b IzE 25:5
c IzE 25:7
d IzE 18:14, 15; IzE 23:26, 29
e IzE 22:6-8
f IzE 25:9
g IzE 25:11, 12
h IzE 9:15

**25:13** *Noma, "beyohalalisela."

**25:19** *Noma, "nenkolo yabo." **25:21** *Isiqu sombusi ongumRoma.

bangena egunjini lezilaleli kanye nabakhuzi bamabutho kanye namadoda avelele edolobha; uFestu wabe eseyala ukuba uPawulu angeniswe, wangeniswa. **24** UFestu wathi: “Nkosi Agripha nani nonke enikanye nathi lapha, nangu lo muntu wonke amaJuda aseJerusalema nawalapha enze isicelo ngaye kimi, ememeza ethi makabulawe.[a] **25** Kodwa ngabona ukuthi akenzanga lutho olumenza afanelwe ukufa.[b] Ngakho lapho lo muntu ngokwakhe edlulisela icala kuMhlonishwa, nganquma ukumthumela. **26** Kodwa anginalutho oluqinisekile engingakubhalela iNkosi yami ngaye. Ngakho ngimlethe phambi kwenu nonke, ikakhulukazi phambi kwakho, Nkosi Agripha, ukuze kuthi ngemva kokuba sekwenziwe uphenyo ngecala* ngithole okuthile engingakubhala. **27** Ngoba kubonakala kungenangqondo kimi ukuthumela isiboshwa kodwa ngingawavezi amacala aso.”

**26** U-Agripha[c] wathi kuPawulu: “Uvunyelwe ukuba uzikhulumele.” UPawulu welula isandla wabe esezivikela wathi:

**2** “Ngokuphathelene nazo zonke izinto amaJuda angimangalela ngazo,[d] Nkosi Agripha, ngiyajabula ngokuthi namuhla kumele ngiziphendulele phambi kwakho, **3** ikakhulukazi ngoba uyisazi sawo wonke amasiko nezimpikiswano phakathi kwamaJuda. Ngakhoke ngiyakuncenga ukuba ngilalele ngesineke.

**4** “Ngempela, indlela engangiphila ngayo kusukela ebusheni kuqhubeke phakathi kwesizwe sakithi naseJerusalema, ayazi kahle wonke amaJuda[a] **5** ayejwayelene nami ngaphambili, uma ethanda angafakaza, ukuthi ngokweqembu lenkolo elinomthetho oqine kakhulu lendlela yethu yokukhonza,[b] ngangiphila njengomFarisi.[c] **6** Kodwa manje ngenxa yethemba lesithembiso esenziwa uNkulunkulu kokhokho bethu,[d] ngibizelwe ecaleni; **7** okuyisithembiso esifanayo naleso izizwe zakithi ezingu-12 ezinethemba lokusibona sigcwaliseka ngokunikela kakhulu kuye inkonzo engcwele imini nobusuku. AmaJuda angimangalela mayelana naleli themba,[e] Nkosi.

**8** “Kungani nikubheka* njengokungakholeki ukuthi uNkulunkulu uvusa abafile? **9** Mina ngokwami ngangiqiniseka ukuthi kufanele ngenze izenzo eziningi zokuphikisa igama likaJesu umNazaretha. **10** Yilokho kanye engakwenza eJerusalema, abaningi kwabangcwele ngababophisa,[f] ngoba ngangithole igunya kubapristi abakhulu;[g] lapho bebulawa, ngangikusekela ukubulawa kwabo. **11** Ngokubajezisa izikhathi eziningi kuwo wonke amasinagoge, ngazama ukubaphoqa ukuba balahle ukholo lwabo; njengoba ngangibathukuthelele kakhulu, ngaze ngabashushisa ngisho nasemadolobheni angaphandle.

**12** “Ngesikhathi ngenza lokhu ngangiya eDamaseku nginegunya futhi ngithunywe abapristi abakhulu, **13** emini bebade ngabona endleleni, Nkosi, ukukhanya okuvela ezulwini okungaphezu kokukhazimula kwelanga kubanika nxazonke zami nalabo engangiha-

ISAHL. 25
a IzE 22:22
b IzE 23:26, 29

ISAHL. 26
c IzE 25:13
d IzE 24:5, 9

Uhla 2
a Gal 1:13, 14
b IzE 22:3
c IzE 23:6; Flp 3:4, 5
d IzE 24:15
e IzE 24:20, 21
f Joh 16:2; IzE 8:3; 1Ko 15:9; Gal 1:13; 1Ti 1:13
g IzE 9:1, 2, 14

**25:26** *Noma, “lokwahlulela.”

**26:8** *NgesiGreki, “nikwahlulela.”

mba nabo.[a] **14** Lapho sonke
sesiwele phansi, ngezwa izwi
lithi kimi ngolimi lwesiHebhe-
ru: 'Sawulu, Sawulu, ungishu-
shiselani? Ukuqhubeka ukha-
hlela izimboko* kwenza izi-
nto zibe nzima kuwe.' **15** Ko-
dwa ngathi: 'Ungubani wena
Nkosi?' INkosi yathi: 'Ngingu-
Jesu omshushisayo. **16** Vuka
ume ngezinyawo. Yilesi isi-
zathu esingenze ngabonakala
kuwe, ukuba ngikukhethe ube
isikhonzi nofakazi wezinto ozi-
bonile nezinto engizokuboni-
sa zona ngami.[b] **17** Ngizoku-
khulula kulesi sizwe nakwezi-
nye izizwe engikuthuma kuzo,[c]
**18** ukuze uvule amehlo azo,[d]
uzisuse ebumnyameni[e] uziyise
ekukhanyeni,[f] uzisuse egunye-
ni likaSathane[g] uziyise kuNku-
lunkulu, ukuze zikwazi uku-
thethelelwa izono[h] zithole nefa
phakathi kwalabo abangcweli-
swa ngokholo lwabo kimi.'

**19** "Ngakho, Nkosi Agri-
pha, angizange ngingawulaleli
umbono wasezulwini, **20** ko-
dwa ngangilethe umyalezo ku-
labo abaseDamaseku[i] kuqa-
la nakulabo abaseJerusalema,[j]
nakulo lonke izwe laseJudiya
nasezizweni, wokuthi kufane-
le baphenduke, baguqukele ku-
Nkulunkulu ngokwenza imise-
benzi efanele ukuphenduka.[k]
**21** Yingakho amaJuda angiba-
mba ethempelini, azama uku-
ngibulala.[l] **22** Nokho, ngenxa
yokuthi ngithole usizo oluve-
la kuNkulunkulu, ngiyaqhube-
ka kuze kube namuhla ngi-
fakaza kwabancane nabakhulu,
angisho lutho ngaphandle kwa-
lokho abaProfethi kanye no-
Mose abathi kwakuyokwenze-
ka[m]— **23** ukuthi uKristu wa-
yeyohlupheka,[a] nokuthi nje-
ngoba engowokuqala ukuba
avuswe kwabafile,[b] wayeyome-
mezela ukukhanya kulesi sizwe
nakwezinye izizwe."[c]

**24** Njengoba uPawulu aye-
sho lezi zinto ezivikela, uFe-
stu wamemeza wathi: "Uyahla-
nya Pawulu! Ukufunda kakhulu
kuyakuhlanyisa!" **25** Kodwa
uPawulu wathi: "Angihlanyi
Mhlonishwa Festu, kodwa ngi-
khuluma amazwi ayiqiniso na-
vela engqondweni ehluzekile.
**26** Eqinisweni, inkosi engikhu-
luma nayo ngenkululeko enga-
ka yazi kahle ngalezi zinto; ngi-
yaqiniseka ukuthi ayikho neyo-
dwa kulezi zinto engayazi,
ngoba akukho nokukodwa ku-
lezi zinto okwenziwe ekusithe-
keni.[d] **27** Ingabe wena Nkosi
Agripha uyakholelwa kubaPro-
fethi? Ngiyazi ukuthi uyakhole-
lwa." **28** Kodwa u-Agripha
wathi kuPawulu: "Ngesikhasha-
na nje uzongithonya ukuba
ngibe umKristu." **29** UPawulu
waphendula wathi: "Ngiyafisa
phambi kukaNkulunkulu uku-
ba kungakhathaliseki ukuthi
ngesikhashana nje noma nge-
sikhathi eside, kungabi ngu-
we nje kuphela kodwa nabo
bonke laba abangizwayo na-
muhla, nibe ngabantu aba-
njengami, kodwa nina ningabo-
shwa."

**30** Inkosi yasukuma, kwa-
sukuma nombusi noBerni-
ke namadoda ayehlezi nabo.
**31** Kodwa njengoba besu-
ka, bakhuluma bodwa, be-
thi: "Lo muntu akukho lu-
tho alwenzayo olumenza afane-
lwe ukufa noma ukuboshwa."[e]
**32** U-Agripha wathi kuFestu:
"Lo muntu ngabe ukhululi-
we ukuba akalidluliselanga ku-
Khesari icala."[f]

**26:14** *Olimini lokuqala leli gama li-
bhekisela endukwini ecijile ngaphambili
esetshenziselwa ukuqondisa isilwane.

**ISAHL. 26**
*a* IzE 9:3-5, IzE 22:6-8
*b* IzE 22:14, 15, Gal 1:11, 12, 1Ti 1:12
*c* IzE 22:21, Rom 11:13
*d* Isay 61:1
*e* Kol 1:13
*f* Joh 8:12, 2Ko 4:6
*g* Efe 2:1, 2
*h* 1Jo 3:5
*i* IzE 9:22
*j* IzE 9:28
*k* Mat 3:8
*l* IzE 21:30, 31
*m* Luk 24:27, 44, Rom 3:21

**Uhla 2**
*a* Hu 22:7, Hu 35:19, Isay 50:6, Isay 53:5
*b* Hu 16:10
*c* Hu 18:49, Isay 11:10, Luk 2:30-32
*d* Joh 18:20
*e* IzE 23:26, 29, IzE 25:24, 25
*f* IzE 25:11, 12

**27** Njengoba kwakunqunywe
ukuba sihambe ngom-
khumbi siye e-Italiya,[a] bani-
kela uPawulu nezinye izibo-
shwa esikhulwini sebutho esi-
gama laso linguJuliyu, sevi-
yo lika-Awugustu. **2** Sagibela
umkhumbi owawusuka e-Adra-
mitiyu uzoya emathekwini agu-
dle ugu lwesifundazwe sase-
Asiya, saqala uhambo ngom-
khumbi; kwakukhona no-Ari-
starku[b] umMakedoniya wase-
Thesalonika. **3** Ngakusasa sa-
fika eSidoni, uJuliyu wapha-
tha uPawulu ngomusa, wamvu-
mela ukuba aye kubangani ba-
khe ajabulele ukunakekelwa
yibo.

**4** Sihamba ngomkhumbi si-
suka lapho, sasondela eKhu-
pro lapho sasivikeleke khona
emoyeni owawuphambana na-
thi. **5** Ngemva kwalokho, sa-
hamba ngomkhumbi olwandle
sigudla iKhilikhiya nePhamfili-
ya sama ethekwini laseMira
eLikhiya. **6** Kuleyo ndawo isi-
khulu sebutho sathola umkhu-
mbi owawuvela e-Aleksandriya
uya e-Italiya, sasigibelisa kuwo.
**7** Ngemva kokuhamba kanca-
ne ngomkhumbi izinsuku ezini-
ngana impela, safika kanzima
eKinidu. Ngenxa yokuthi umo-
ya awusivumelanga ukuba si-
qhubekele phambili, sasonde-
la eKrethe eSalimone lapho
sasivikeleke khona emoyeni.
**8** Sahamba kanzima ngomkhu-
mbi sigudla ugu, safika enda-
weni okuthiwa amaTheku Ama-
hle, eyayiseduze kwedolobha
laseLaseya.

**9** Kwadlula isikhathi eside
futhi kwase kuyingozi ukuha-
mba ngomkhumbi, ngenxa yo-
kuthi ngisho nokuzila ukudla
koSuku Lokuhlawulelwa[c] kwa-
se kudlulile kakade, ngakho
uPawulu wasikisela **10** wa-
thi kubo: "Madoda, ngiyabo-
na ukuthi lolu hambo lom-
khumbi luzoba yingozi fu-
thi sizolahlekelwa kakhulu,
hhayi nje umthwalo nomkhu-
mbi kuphela, kodwa nawuku-
phila kwethu." **11** Nokho, isi-
khulu sebutho salalela umsha-
yeli nomnikazi womkhumbi ku-
nalokhu okwakushiwo uPawu-
lu. **12** Njengoba kwakungeku-
hle ukuba kuhlalwe ethekwi-
ni ebusika, iningi lasikisela
ukuba kuhanjwe ngomkhumbi
kusukwe lapho, ukuze babo-
ne ukuthi ngandlela-thile ba-
bengakwazi yini ukuhlala eFe-
niksi ebusika, okuyitheku la-
seKrethe elivulekela ngasenya-
katho-mpumalanga nangaseni-
ngizimu-mpumalanga.

**13** Lapho kuheleza umo-
ya waseningizimu, bacabanga
ukuthi base beyifinyelele injo-
ngo yabo, baphakamisa iha-
nge baqala ukugudla ugu nga-
seKrethe. **14** Nokho, ngemva
kwesikhashana isiphepho oku-
thiwa i-Ewurakiloni* savu-
nguza phezu kwawo. **15** Nje-
ngoba umkhumbi wawubanjwe
umoya omkhulu, wawungasa-
kwazi ukuya phambili upha-
mbane nomoya, kungekho esi-
ngakwenza, sayeka futhi sa-
qhutshwa umoya. **16** Ngemva
kwalokho sakhosela ngapha-
nsi kwesiqhingi esincane oku-
thiwa iKhawuda, nokho kwa-
kunzima ukuqondisa isikeja-
na* esasingemuva emkhunjini.
**17** Kodwa ngemva kokusipha-
kamisela emkhunjini, bawubo-
pha bawuqinisa umkhumbi, fu-
thi besaba ukuthi bazobhajwa

ISAHL. 27
a IzE 25:12
b IzE 19:29; IzE 20:4; Kol 4:10
c Lev 16:29, 30; Lev 23:27

**27:14** *Okuwukuthi, umoya wasenyakatho-mpumalanga. **27:16** *Isikebhe esincane esingasindisa ukuphila.

esihlabathini eSirti,* behlisa
izinto zokubamba oseyili, base
beqhutshwa umoya. **18** Nge-
nxa yokuthi isiphepho sasisi-
phephula ngamandla, ngosu-
ku olulandelayo baqala ukuwe-
nza lula umkhumbi. **19** Ngo-
suku lwesithathu, bona ngo-
kwabo balahla izindophi zom-
khumbi.

**20** Lapho lingabonakali ila-
nga noma izinkanyezi izinsuku
eziningi, sihlaselwe yisiphepho
esinamandla, wonke amathe-
mba okuthi siyosinda agcina
eshabalele. **21** Ngemva koku-
hamba isikhathi eside benga-
dli, uPawulu wasukuma phaka-
thi kwabo wathi: "Madoda,
ngokuqinisekile bekufanele ni-
samukele iseluleko sami ni-
ngaluthathi lolu hambo olusu-
ka eKrethe ukuze ningehlelwa
yilo monakalo futhi nilahleke-
lwe.[a] **22** Noma kunjalo, ngice-
la nibe nesibindi, ngoba aku-
kho noyedwa* kini ozofa, kuzo-
phahlazeka umkhumbi kuphe-
la. **23** Kulobu busuku, eduze
kwami kume ingelosi[b] kaNku-
lunkulu engingowakhe nengini-
kela kuye inkonzo engcwele,
**24** yathi: 'Ungesabi Pawulu.
Kumele ume phambi kukaKhe-
sari,[c] futhi bheka! uNkulunku-
lu ukunike bonke labo abaha-
mba nawe.' **25** Ngakho yibani
nesibindi madoda, ngoba ngi-
kholelwa ukuthi uNkulunkulu
uzozenza njengoba zinjalo izi-
nto engitshelwe zona. **26** No-
kho, kumele siphonseke ogwi-
ni esiqhingini esithile."[d]

**27** Lapho kufika ubusuku
buka-14 futhi sijikijeleka nga-
pha nangapha oLwandle Lwa-
se-Adriya, phakathi kwamabili
amatilosi aqala ukusola ukuthi
ayesondela ezweni. **28** Ezwa
ukujula, akuthola kungamafa-
thomu angu-20,* ngakho aqhu-
beka ibanga elifushane aphi-
nda ezwa ukujula, akutho-
la kungamafathomu angu-15.#
**29** Esaba ukuthi sasingapho-
nseka endaweni ethile ema-
dwaleni, aphonsa amahange
amane angemuva emkhunji-
ni afisa sengathi ngabe seku-
sile. **30** Kodwa lapho amatilo-
si ezama ukubaleka emkhunji-
ni, ehlisela isikejana olwandle
enza sengathi ahlose ukwe-
hlisa amahange angaphambili,
**31** uPawulu wathi esikhulwini
sebutho nasemasosheni: "Nga-
phandle kokuba la madoda
ahlale emkhunjini, aninakusi-
nda."[a] **32** Amasosha abe ese-
nqamula izindophi zesikejana
asiyeka sawa.

**33** Lapho sekusa, uPawu-
lu wabakhuthaza bonke uku-
ba badle, wathi: "Namuhla usu-
ku luka-14 nilindile nimaga-
nge, anikaze nidle lutho nhlo-
bo. **34** Ngakho nginikhuthaza
ukuba nidle; lokhu kungenjo-
ngo yokuba niphephe, ngoba
akukho nolulodwa unwele lwe-
khanda lomunye wenu oluzo-
bhubha." **35** Ngemva kokuba
esho lokhu, wathatha isinkwa,
wabonga kuNkulunkulu pha-
mbi kwabo bonke, wasihle-
phula, wadla. **36** Ngakho bo-
nke baba nesibindi nabo ba-
dla. **37** Sesisonke, sasingaba-
ntu abangu-276 emkhunjini.
**38** Lapho sebedle basutha, ba-
wenza waba lula umkhumbi
ngokuphonsa ukolweni olwa-
ndle.[b]

**39** Lapho sekusile, babe-
ngalazi izwe ababelibona,[c] ko-
dwa babona itheku elalinogu,

**ISAHL. 27**
*a* IzE 27:9, 10
*b* IzE 5:18, 19; Heb 1:7, 14
*c* IzE 23:11; IzE 25:11, 12
*d* IzE 28:1

**Uhla 2**
*a* IzE 27:22
*b* Jon 1:5
*c* IzE 28:1

**27:17** * Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **27:22** * Noma, "mphefumulo."

**27:28** * Cishe ngu-36 m. Bheka iSithasiselo B14. # Cishe ngu-27 m. Bheka iSithasiselo B14.

babezimisele ukumisa umkhu-
mbi lapho uma bengase ba-
kwazi. **40** Ngakho banqamu-
la amahange, bawayeka awela
olwandle, ngesikhathi esifana-
yo beqaqa izindophi zezigwe-
dlo; ngemva kokukhuphulela
useyili wangaphambili emoye-
ni, baya ogwini. **41** Lapho be-
zithela endundumeni yesihla-
bathi esigugulwe ulwandle, um-
khumbi wabhajwa esihlabathi-
ni futhi ingaphambili labambe-
ka langabe lisanyakaza, kodwa
amagagasi aphahlaza ingemu-
va lomkhumbi laba yizicucu.[a]
**42** Amasosha anquma ukubu-
lala iziboshwa ukuze kungabi-
kho muntu obhukudayo abale-
ke. **43** Kodwa isikhulu sebu-
tho sasizimisele ukusindisa
uPawulu, sawavimba angakwe-
nza ayekuhlosile. Sayala labo
ababekwazi ukubhukuda uku-
ba baziphonse olwandle baye
ezweni kuqala, **44** abanye ba-
bezolandela, abanye besebe-
nzisa amapulangwe abanye be-
sebenzisa izingcezu zomkhu-
mbi. Ngakho bonke bafika
ezweni ngokuphepha.[b]

**28** Lapho sifika endaweni
ephephile, sathola uku-
thi lesi siqhingi sasibizwa ngo-
kuthi iMelitha.[c] **2** Abantu ba-
khona abakhuluma olunye uli-
mi* basibonisa umusa ongava-
mile. Babasa umlilo, basamu-
kela ngomusa sonke ngenxa ye-
mvula eyayina nangenxa yama-
khaza. **3** Kodwa lapho uPa-
wulu eqoqa izinkuni ezincane
eziningi ezifaka emlilweni, nge-
nxa yokushisa kwaphuma inyo-
ka enesihlungu yanamathe-
la esandleni sakhe. **4** Lapho
laba bantu abakhuluma olunye
ulimi bebona le nyoka enesi-
hlungu ilenga esandleni sakhe,
bathi omunye komunye: “Ngo-
kuqinisekile lo muntu ungu-
mbulali, nakuba esindile olwa-
ndle, uBulungisa* abumvume-
langa ukuba aqhubeke ephila.”
**5** Nokho, wayithintithela emli-
lweni le nyoka wangalimala.
**6** Kodwa babelindele ukuba
avuvukale noma avele awe afe.
Ngemva kokulinda isikhathi
eside futhi bebona ukuthi aku-
kho okubi okwenzeke kuye, ba-
shintsha umqondo bathi waye-
wunkulunkulu.

**7** Kuleyo ndawo kwakuna-
masimu endoda evelele yale-
si siqhingi, egama layo lingu-
Phubhiliyu, yasamukela, yasi-
bungaza ngomusa izinsuku ezi-
ntathu. **8** Uyise kaPhubhiliyu
wayelele embhedeni ephethwe
umkhuhlane nohudo, uPawu-
lu wangena lapho ayekhona
wathandaza, wambeka izandla,
wamphulukisa.[a] **9** Ngemva
kokuba kwenzeke lokhu, bonke
abanye abantu ababegula esi-
qhingini nabo beza kuye bela-
shwa.[b] **10** Basibonga ngokusi-
pha izipho eziningi, futhi lapho
sesihamba ngomkhumbi, basi-
gidlabeza nganoma yini esasi-
yidinga.

**11** Ezinyangeni ezintathu
kamuva, saqala uhambo ngom-
khumbi owawunesithombe “sa-
maDodana KaZeyusi.” Umkhu-
mbi wawuvela e-Aleksandriya
ukade uhlezi kulesi siqhingi
ebusika. **12** Sama ethekwini
laseSirakhuse sahlala khona
izinsuku ezintathu; **13** sasu-
ka kuleyo ndawo sahamba saze
safika eRegiyu. Sekudlule usu-
ku olulodwa kwaba khona
umoya ovela eningizimu, safi-
ka ePhutheyoli ngosuku lwesi-

**ISAHL. 27**
*a* IzE 27:22
2Ko 11:25
*b* IzE 27:23, 24

**ISAHL. 28**
*c* IzE 27:26

**Uhla 2**
*a* Luk 4:38, 39
*b* Mat 10:8

**28:2** *Noma, “Abantu bendawo.”

**28:4** *NgesiGreki *Di′ke,* kungenzeka libhekisela kunkulunkulukazi ophindisela ngenjongo yobulungisa noma libhekisela kulokho okushiwo ubulungisa.

bili. **14** Lapha sathola abaza-
lwane, sancengwa ukuba sihla-
le nabo izinsuku eziyisikhombi-
sa, sase siya eRoma. **15** Uku-
suka lapho, lapho abafowethu
bezwa ngathi, baze bafika na-
seMakethe ka-Aphiyo naseTre-
si Thaberne bezosihlangabeza.
Lapho ebabona, uPawulu wa-
bonga uNkulunkulu, wama isi-
bindi.[a] **16** Ekugcineni lapho
singena eRoma, uPawulu wavu-
nyelwa ukuba ahlale yedwa ne-
sosha elalimgadile.

**17** Nokho, ezinsukwini ezi-
ntathu kamuva wabizela nda-
wonye amadoda avelele kuma-
Juda. Lapho esehlangene, wa-
thi kuwo: "Madoda, bafowethu,
nakuba ngingenzanga lutho
oluphambene nabantu noma
amasiko okhokho bethu,[b] eJe-
rusalema nganikelwa ezandle-
ni zamaRoma njengesiboshwa.[c]
**18** Ngemva kokwenza uphe-
nyo,[d] ayefuna ukungikhulula
ngoba sasingekho isizathu so-
kuba ngibulawe.[e] **19** Kodwa
lapho amaJuda ephikisana na-
lokho, ngaphoqeleka ukuba
ngidlulisele icala kuKhesari,[f]
kodwa hhayi ngoba ngangino-
kuthile engingamangalela nga-
kho isizwe sakithi. **20** Ngenxa
yalesi sizathu, ngacela uku-
ba nginibone futhi ngikhulu-
me nani, ngoba ngibo-
shwe ngaleli ketanga nje ku-
ngenxa yaleli themba lika-
Israyeli."[g] **21** Athi kuye: "Asi-
tholanga zincwadi ezimayela-
na nawe ezivela eJudiya, fu-
thi akekho kubafowethu abafi-
kile bevela khona obike noma
okhulume into embi ngawe.
**22** Kodwa sicabanga ukuthi
kuyafaneleka ukuzizwela kuwe
ukuthi wena ucabangani, ngo-
ba ngempela ngokuqondene
naleli qembu lenkolo,[h] siyazi
ukuthi kukhulunywa kabi nga-
lo kuyo yonke indawo."[a]

**23** Bahlela usuku abazohla-
ngana ngalo naye, bafika kuye
bebaningi nakakhulu endaweni
ayehlala kuyo. Kusukela ekuse-
ni kuze kuhlwe, uPawulu wa-
shumayela kubo ngokunikeza
ubufakazi obuphelele ngoMbu-
so kaNkulunkulu, ezama uku-
benza bakholelwe kuJesu[b] esu-
sela eMthethweni KaMose[c] na-
kubaProfethi.[d] **24** Abanye ba-
qala ukuzikholwa izinto ayezi-
sho; abanye babengazikholwa.
**25** Ngakho ngenxa yokuthi ba-
bengavumelani, bahamba, uPa-
wulu wathi:

"Umoya ongcwele wakhulu-
ma ngokufanele ngo-Isaya um-
profethi kokhokho benu,
**26** uthi, 'Yana kulaba bantu
uthi: "Impela niyozwa, kodwa
anisoze naqonda, impela niyo-
bheka, kodwa anisoze nabo-
na.[e] **27** Ngoba inhliziyo yala-
ba bantu ibe lukhuni, ngezi-
ndlebe zabo bazwile bangasa-
bela, bavale amehlo abo uku-
ze bangalokothi babone nga-
mehlo abo futhi bezwe ngezi-
ndlebe zabo, baqonde ngenhli-
ziyo yabo babuye, mina ngibe-
laphe."'[f] **28** Ngakho makwa-
zeke kini ukuthi umyalezo we-
ndlela uNkulunkulu aletha nga-
yo insindiso uthunyelwe ezi-
zweni;[g] zizowulalela nakanja-
ni."[h] **29** *—

**30** Ngakho wahlala lapho
iminyaka emibili yonke endli-
ni ayeyiqashile,[i] wayebamuke-
la ngomusa bonke ababefi-
ka kuye, **31** eshumayela kubo
ngoMbuso kaNkulunkulu futhi
efundisa ngeNkosi uJesu Kri-
stu ngenkululeko yokukhulu-
ma enkulu kakhulu,*[j] ngapha-
ndle kwesithiyo.

---

ISAHL. 28

*a* 2Ko 1:3, 4
*b* IzE 24:11, 12; IzE 25:8
*c* IzE 21:33
*d* IzE 24:10
*e* IzE 23:26, 29; IzE 25:24, 25; IzE 26:31, 32
*f* IzE 25:11, 12
*g* IzE 23:6; IzE 26:6; Efe 6:19, 20; 2Ti 1:16
*h* IzE 24:14

Uhla 2

*a* Luk 2:34; Joh 15:19
*b* IzE 17:2, 3
*c* Joh 5:46
*d* IzE 26:22, 23
*e* Rom 11:8
*f* Isay 6:9, 10; Mat 13:14, 15
*g* Luk 3:4, 6; IzE 13:45, 46; IzE 22:21; Rom 11:11
*h* Hu 67:2; Hu 98:3; Isay 11:10
*i* IzE 28:16
*j* Efe 6:19

---

**28:29** *Bheka iSithasiselo A3. **28:31** *Noma, "ngaso sonke isibindi."

KWABASE-

# ROMA

## UHLU LOKUPHAKATHI


1 Ukubingelela (1-7)
Isifiso sikaPawulu sokuvakashela eRoma (8-15)
Olungile uyophila ngokholo (16, 17)
Abantu abangamhloniphi uNkulunkulu abanazaba (18-32)
Izimfanelo zikaNkulunkulu zibonakala endalweni (20)

2 Isahlulelo sikaNkulunkulu kumaJuda namaGreki (1-16)
Indlela unembeza osebenza ngayo (14, 15)
AmaJuda noMthetho (17-24)
Ukusoka kwenhliziyo (25-29)

3 "UNkulunkulu makatholakale eneqiniso" (1-8)
AmaJuda namaGreki bangaphansi kwesono (9-20)
Ukulunga ngokholo (21-31)
Bonke bayasilela enkazimulweni kaNkulunkulu (23)

4 U-Abrahama kwathiwa ulungile ngokholo (1-12)
U-Abrahama, uyise wabanokholo (11)
Isithembiso esatholakala ngokholo (13-25)

5 Ukubuyisana noNkulunkulu ngoKristu (1-11)
Ukufa kwangena ngo-Adamu, ukuphila ngoKristu (12-21)
Isono nokufa kwasakazekela kubantu bonke (12)
Isenzo esisodwa sokulunga (18)

6 Ukuphila okusha ngobhapathizo lukaKristu (1-11)
Ningasivumeli isono sibuse imizimba yenu (12-14)
Ukusuka ekubeni izigqila zesono kuya ekubeni izigqila zikaNkulunkulu (15-23)
Inkokhelo yesono—ukufa; isipho sikaNkulunkulu—ukuphila (23)

7 Isibonelo sokukhululwa eMthethweni (1-6)
Isono saziwe ngenxa yoMthetho (7-12)
Umshikashika wokulwa nesono (13-25)

8 Ukuphila nenkululeko okutholakala ngomoya (1-11)
Umoya wokuthathwa nenziwe amadodana uyafakaza (12-17)
Indalo ilindele inkululeko yabantwana bakaNkulunkulu (18-25)
'Umoya uyasincengela' (26, 27)
Ukumiswa uNkulunkulu kusengaphambili (28-30)
Ukunqoba ngothando lukaNkulunkulu (31-39)

9 Usizi lukaPawulu ngo-Israyeli ongokwenyama (1-5)
Inzalo yangempela ka-Abrahama (6-13)
Ukukhetha kukaNkulunkulu akunakungatshazwa (14-26)
Izitsha zolaka nezesihe (22, 23)
Abasele kuphela abayosindiswa (27-29)
U-Israyeli uyakhubeka (30-33)

10 Indlela yokuthola ukulunga kukaNkulunkulu (1-15)
Ukuvuma obala (10)
Ukubiza igama likaJehova kusho insindiso (13)
Izinyawo ezinhle zalabo abashumayelayo (15)
Izindaba ezinhle azilalelwa (16-21)

11 U-Israyeli akalahlwa ngokuphelele (1-16)
Umfanekiso wesihlahla somnqumo (17-32)
Ukujula kokuhlakanipha kukaNkulunkulu (33-36)

12 Nikelani imizimba yenu ibe umhlatshelo ophilayo (1, 2)
Izipho ezihlukahlukene kodwa umzimba uwodwa (3-8)
Iseluleko ngokuphila kwamaKristu eqiniso (9-21)

13 Ukuzithoba emagunyeni (1-7)
Ukukhokha izintela (6, 7)
Uthando lugcwalisa uMthetho (8-10)
Hambani njengokungathi kusemini (11-14)

14 Ningahlulelani (1-12)
Ningabangeli abanye ukuba bakhubeke (13-18)

Sebenzelani ukuthula nobunye (19-23)
15 Yamukelanani njengoba nje uKristu enza (1-13)
UPawulu, isikhonzi ezizweni (14-21)
Izinhlelo zohambo lukaPawulu (22-33)
16 UPawulu wethula uFibhi, isikhonzi (1, 2)
Imikhonzo eya kumaKristu aseRoma (3-16)
Isixwayiso ngokwahlukana (17-20)
Imikhonzo evela ezisebenzini ezikanye noPawulu (21-24)
Imfihlo engcwele isiyaziwa (25-27)


**1** UPawulu, inceku kaKristu
Jesu, owabizelwa ukuba
umphostoli, ohlukaniselwe izi-
ndaba ezinhle zikaNkulunkulu,[a]
**2** azithembisa kusengaphambi-
li ngabaprofethi bakhe emiBha-
lweni engcwele, **3** eziphathe-
lene neNdodana yakhe, eyavela
enzalweni* kaDavide[b] ngokwe-
nyama,# **4** kodwa ngamandla
omoya ongcwele, kwathiwa iyi-
Ndodana kaNkulunkulu[c] ngoku-
vuka kwabafile[d]—yebo, uJesu
Kristu iNkosi yethu. **5** Esamu-
kela ngaye umusa omkhulu* no-
buphostoli[e] ngenjongo yokuba
abantu bazo zonke izizwe babe
nokholo[f] futhi balalele, kukha-
zinyuliswe igama lakhe, **6** izi-
zwe nani enibizwe phakathi
kwazo ukuba nibe ngabakaJesu
Kristu— **7** kubo bonke abase-
Roma njengabathandekayo ba-
kaNkulunkulu, ababizelwe uku-
ba babe ngabangcwele:

Kwangathi ningathola umu-
sa omkhulu nokuthula okuve-
la kuNkulunkulu uBaba wethu
naseNkosini uJesu Kristu.

**8** Okokuqala, ngibonga
uNkulunkulu wami ngoJesu Kri-
stu ngokuphathelene nani no-
nke, ngoba ukholo lwenu ku-
khulunywa ngalo kulo lonke
izwe. **9** Njengoba nje uNkulu-
nkulu, enginikela kuye inkonzo
engcwele ngomoya wami maye-
lana nezindaba ezinhle ezipha-
thelene neNdodana yakhe, enga-
kufakazela ukuthi ngihlale ngi-
khuluma ngani emithandazwe-
ni yami,[a] **10** ngincenga uku-
ba ekugcineni uma kungenze-
ka ngigcine ngikwazile ukuza
kini uma kuyintando kaNkulu-
nkulu. **11** Ngoba ngilangazele-
la ukunibona, ukuze ngidluli-
sele kini isipho esithile esivela
kuNkulunkulu ukuze niqiniswe;
**12** noma, kunalokho, ukuze si-
khuthazane,[b] ngokholo lomunye
nomunye, olwenu nolwami.

**13** Kodwa bafowethu, angifu-
ni ukuba ningazi ukuthi kani-
ngi ngangifuna ukuza kini
—kodwa bengilokhu ngingakwa-
zi kuze kube manje—ukuze
ngithole izithelo ezithile napha-
kathi kwenu njengoba nje ngi-
zithola phakathi kwazo zo-
nke ezinye izizwe. **14** Ngikwe-
leta kokubili amaGreki nabe-
zinye izizwe,* kokubili aba-
hlakaniphile nabangenangqo-
ndo; **15** ngakho ngiyakulanga-
zelela ukuba ngimemezele izi-
ndaba ezinhle nakini lapho eRo-
ma.[c] **16** Ngoba anginamahloni
ngezindaba ezinhle;[d] eqiniswe-
ni, zingamandla kaNkulunkulu
ensindiso kuwo wonke umu-
ntu onokholo,[e] kumJuda kuqala[f]
nakumGreki futhi.[g] **17** Ngoba
kuzo ukulunga kukaNkulunkulu
kwembulwa ngokholo nangenxa

---

**1:3** *NgesiHebheru, "embewini." #Okuwukuthi, inzalo yasemhlabeni.
**1:5** *Noma, "umusa ongafanelwe."
**1:14** *Noma, "nabangewona amaGreki." NgesiGreki, "namaqaba."

**ISAHL. 1**
a IzE 9:11, 15
b 2Sa 7:8, 12; Luk 1:32; 2Ti 2:8
c Hu 2:7; Heb 1:5
d IzE 13:33
e 1Ti 2:7
f IzE 15:14; Gal 2:7

**Uhla 2**
a 1Th 3:10; 2Ti 1:3
b 1Th 5:11; Heb 10:25
c IzE 19:21
d Mar 8:38; 2Ti 1:8
e Heb 11:6
f IzE 3:25, 26
g IzE 18:5, 6

yokholo,[a] njengoba nje kulotshiwe: “Kodwa olungile uyophila ngenxa yokholo.”[b]

**18** Ngoba ulaka lukaNkulunkulu[c] luyembulwa luvela ezulwini nakho konke ukungamhloniphi uNkulunkulu nokungalungi kwabantu abacindezela iqiniso[d] ngendlela engalungile, **19** ngoba lokho okungase kwaziwe ngoNkulunkulu kubonakala ngokucacile phakathi kwabo, ngoba uNkulunkulu wakwenza kwacaca kubo.[e] **20** Ngoba izimfanelo zakhe ezingabonakali, okuwukuthi amandla akhe aphakade[f] nobuNkulunkulu bakhe,[g] zibonakala ngokucacile kusukela ekudalweni kwezwe kuye phambili, ngoba ziqondakala ngezinto ezenziwe,[h] kangangokuthi abanazaba. **21** Ngoba nakuba babemazi uNkulunkulu, abamkhazimulisanga njengoNkulunkulu futhi abambonganga, kodwa izingqondo zabo zazingelusizo lwalutho futhi babengenakho ukuqonda.[i] **22** Nakuba babethi bahlakaniphile, baba yiziwula **23** baphendula inkazimulo kaNkulunkulu ongenakonakala bayenza yaba into efana nomfanekiso womuntu onokonakala nezinyoni nezidalwa ezinezinyawo ezine nezilwane ezinwabuzelayo.*[j]

**24** Ngakho-ke uNkulunkulu, ngokuvumelana nezifiso zezinhliziyo zabo, wabanikela ekungcoleni, ukuze imizimba yabo ihlaziswe phakathi kwabo. **25** Bakhetha ukukholelwa emangeni kunaseqinisweni likaNkulunkulu, bahlonipha* indalo futhi banikela inkonzo engcwele kuyo kunakuMdali, odunyiswa kuze kube phakade. Amen. **26** Yingakho uNkulunkulu abanikela enkanukweni yokuya ocansini eyichilo,[a] ngoba abesifazane babo bashintsha ukusetshenziswa kwabo kwemvelo bakwenza okuphambene nemvelo;[b] **27** ngokufanayo, nabesilisa bakuyeka ukusetshenziswa kwemvelo kowesifazane* basha kakhulu ekukhanukelaneni bodwa, abesilisa nabesilisa,[c] benza okuyichilo futhi bamukela kubo ngokwabo isijeziso# esigcwele, esasifanele isiphambeko sabo.[d]

**28** Njengoba nje bengakubonanga kufaneleka ukwazi uNkulunkulu, uNkulunkulu wabanikela esimweni sengqondo esingamukeleki, ukuba benze izinto ezingafanele.[e] **29** Babegcwele konke ukungalungi,[f] ukukhohlakala, ukuhaha,*[g] ububi, begcwele umona,[h] ukubulala,[i] ukuxabana, inkohliso,[j] inzondo,[k] bengabantu abayizinhlebi, **30** abakhuluma kabi ngabanye,[l] abazonda uNkulunkulu, abeyisayo, abazikhukhumezayo, abaqhoshayo, abahlela* izinto ezilimazayo, abangalaleli abazali,[m] **31** abangenakho ukuqonda,[n] abangathembeki ezivumelwaneni, abangenalo uthando, nabangenaso isihe. **32** Nakuba laba bewazi kahle umyalo olungile kaNkulunkulu—wokuthi labo abazenza umkhuba izinto ezinjalo bafanelwe ukufa[o]—abagcini nje ngokuqhubeka bezenza kodwa futhi bayabamukela nalabo abazenzayo.

**2** Ngakho awunazaba wena muntu, noma ngabe ungubani,[p] uma wahlulela; ngenxa yokuthi lapho wahlulela omunye uzilahla wena, ngoba wena

ISAHL. 1
- a Joh 3:36; Rom 3:21, 22
- b Hab 2:4; Gal 3:11; Heb 10:38
- c Rom 2:5; Efe 5:6
- d Rom 1:25
- e Hu 19:1; IzE 14:17
- f Jer 10:12
- g Hu 103:19; Jer 10:10; IsA 15:3
- h Isay 40:26; IsA 4:11
- i Gen 6:5
- j Jer 2:11; IzE 17:29

Uhla 2
- a Gal 5:19; 1Th 4:4, 5
- b Jud 7
- c Gen 19:5; Lev 18:22; Lev 20:13; 1Ko 6:9, 10
- d Gal 6:7
- e Gal 5:19-21
- f 1Pe 4:3
- g Dut 5:21
- h Tit 3:3
- i 1Jo 3:15
- j 1Pe 2:1
- k Efe 4:31
- l 1Pe 2:1
- m Dut 21:18, 21
- n Rom 1:21
- o IsA 21:8

ISAHL. 2
- p Rom 2:9

1:23 *Noma, “nezinto ezihuquzelayo.”
1:25 *Noma, “bakhonza.”
1:27 *Noma, “ukulala ngokwemvelo nowesifazane.” #Noma, “imbuyiselo.”
1:29 *Noma, “umhawu.” 1:30 *Noma, “abasunguli.”

owahlulelayo wenza zona ka-
nye lezo zinto.[a] **2** Manje siya-
zi ukuthi isahlulelo sikaNkulu-
nkulu sivumelana neqiniso, si-
melene nalabo abenza izinto
ezinjalo.

**3** Kodwa ingabe wena mu-
ntu owahlulela labo abenza
lezo zinto kuyilapho nawe uze-
nza, ucabanga ukuthi uyophu-
nyuka esahlulelweni sikaNkulu-
nkulu? **4** Noma ingabe wede-
lela umusa wakhe,[b] ukubekeze-
la kwakhe[c] kanye nesineke sa-
khe[d] okungenamkhawulo, ngo-
ba ungazi ukuthi uNkulunkulu
ngomusa wakhe uzama ukuku-
holela ekuphendukeni?[e] **5** Ko-
dwa ngenxa yokuba nenkani
kwakho nenhliziyo engaphendu-
ki, uzibizela ulaka lukaNkulu-
nkulu ngosuku lolaka nolokwa-
mbulwa kwesahlulelo sikaNku-
lunkulu esilungile.[f] **6** Uyobuyi-
sela umuntu ngamunye ngokwe-
misebenzi yakhe:[g] **7** ukuphila
okuphakade kulabo abafuna
inkazimulo nodumo nokungo-
nakali[h] ngokukhuthazela emse-
benzini omuhle; **8** nokho, ku-
labo ababangayo nabangalilale-
li iqiniso kodwa abalalela uku-
ngalungi, kuyoba khona ulaka
nentukuthelo.[i] **9** Kuyoba nosi-
zi nokucindezeleka kuwo wo-
nke umuntu owenza okulimaza-
yo, kumJuda kuqala nakumGre-
ki futhi; **10** kodwa kube inka-
zimulo nodumo nokuthula kuwo
wonke umuntu owenza okuhle,
kumJuda kuqala[j] nakumGreki
futhi.[k] **11** Ngoba akukho uku-
khetha kuNkulunkulu.[l]

**12** Ngoba bonke labo abo-
na bengenawo umthetho ba-
yobhubha bengenawo umthe-
tho futhi;[m] kodwa bonke labo
abona bengaphansi komthetho
bayokwahlulelwa ngomthetho.[n]
**13** Ngoba labo abawuzwayo
umthetho akubona abalungi-
le phambi kukaNkulunkulu, ko-
dwa abenzi bomthetho kuyo-
thiwa balungile.[a] **14** Ngoba la-
pho abantu bezizwe abange-
nawo umthetho[b] benza ngo-
kwemvelo izinto zomthetho,
laba bantu, nakuba benge-
nawo umthetho, bangumthe-
tho kubo ngokwabo. **15** Yibo
kanye ababonisa ngemisebe-
nzi yabo ukuthi umthetho ulo-
tshwe ezinhliziyweni zabo, ku-
yilapho unembeza wabo ufaka-
zelana nabo, nemicabango
yabo ibabeka icala noma ibu-
ye ibavune. **16** Lokhu kuyo-
kwenzeka ngosuku uNkulunku-
lu ayokwahlulela ngalo izinto
ezisithekile zesintu ngoKristu
Jesu,[c] ngokwezindaba ezinhle
engizimemezelayo.

**17** Manje, uma ungumJuda
ngegama[d] futhi uthembela em-
thethweni futhi uziqhenya ngo-
Nkulunkulu, **18** uyazi intando
yakhe, uzamukela izinto
ezinhle kakhulu ngenxa yo-
kuthi wafundiswa* ngoMthe-
tho,[e] **19** futhi uqiniseka ngo-
kuthi ungumholi wezimpumpu-
the, ukukhanya kulabo abase-
bumnyameni, **20** umqondisi
wabangenangqondo, umfundisi
wezingane, uziqonda izinto ezi-
yisisekelo namaqiniso athola-
kala eMthethweni— **21** inga-
be wena ofundisa omunye awu-
zifundisi wena?[f] Wena oshuma-
yela uthi "Ungebi,"[g] ingabe uye-
ba? **22** Wena othi, "Ungaphi-
ngi,"[h] ingabe uyaphinga? Wena
onyanya izithixo, ingabe we-
nza ubugebengu emathempeli-
ni? **23** Wena oziqhenya ngom-
thetho, ingabe uhlaza uNkulu-
nkulu ngokweqa uMthetho?
**24** Ngoba "igama likaNkulu-
nkulu liyahlanjalazwa phakathi
kwezizwe ngenxa yenu," nje-
ngoba nje kulotshiwe.[i]

---

**2:18** *Noma, "wafundiswa ngomlomo."

ISAHL. 2

a Mat 7:5
b Rom 11:22; Efe 1:7
c Rom 3:25
d Isay 30:18
e 2Pe 3:9
f 2Th 1:7, 8; IsA 6:16, 17; IsA 11:18
g Hu 62:12; IzA 24:12; Mat 16:27
h 1Ko 15:53; IsA 20:6
i Rom 1:18; Kol 3:6; Heb 10:26, 27
j Joh 4:22; IzE 13:45, 46
k IzE 15:14
l Dut 10:17; 2Kr 19:7; IzE 10:34, 35
m Efe 2:12
n Rom 3:19

Uhla 2

a Dut 30:14; Hez 20:11; Jak 1:22
b Hu 147:19, 20
c Joh 5:22; IzE 10:42; 1Pe 4:5
d Rom 9:6
e Dut 4:8
f Mat 23:2, 3
g Eks 20:15
h Dut 5:18
i Isay 52:5; Hez 36:20

**25** Eqinisweni, ukusoka[a] ku-
nenzuzo kuphela uma ugci-
na umthetho;[b] kodwa uma uyi-
seqamthetho, ukusoka kwa-
kho sekuye kwaba ukunga-
soki. **26** Ngakho, uma umu-
ntu ongasokile[c] enza lokho
okushiwo uMthetho, ukungaso-
ki kwakhe kuyobhekwa njengo-
kusoka, akunjalo?[d] **27** Umu-
ntu ongasokile, ngokulandela
uMthetho, uyokwahlulela wena
oyiseqamthetho nakuba unom-
thetho olotshiwe futhi usokile.
**28** Ngoba ukuba umJuda aku-
kona ukubonakala kwangapha-
ndle,[e] nokusoka kwakhe aku-
kona okuthile okungaphandle,
enyameni.*[f] **29** Kodwa umJu-
da yilowo onguye ngaphaka-
thi,[g] nokusoka kwakhe yilokho
kwenhliziyo[h] ngomoya, hhayi
ngomthetho olotshiwe.[i] Udumo
lwalowo muntu luvela kuNkulu-
nkulu, aluveli kubantu.[j]

**3** Pho ungcono ngani um-
Juda, noma, iyini inzuzo
yokusoka? **2** Ungcono kakhu-
lu ngazo zonke izindlela. Oko-
kuqala, ngokuthi waphathi-
swa amazwi angcwele kaNku-
lunkulu.[k] **3** Kuthiwani ngama-
nye amaJuda angenalo ukho-
lo? Uma engenalo ukholo, inga-
be abantu ngeke besamethe-
mba uNkulunkulu? **4** Akunja-
lo neze! Kodwa uNkulunkulu
makatholakale eneqiniso,[l] na-
kuba wonke umuntu enga-
tholakala engumqambimanga,[m]
njengoba nje kulotshiwe: "Uku-
ze ubonakaliswe ulungile ema-
zwini akho futhi unqobe lapho
wahlulelwa."[n] **5** Nokho, uma
ukungalungi kwethu kwenza
ukulunga kukaNkulunkulu ku-
gqame, sizothini? UNkulunkulu
akabi ongenabulungisa lapho
eveza ulaka lwakhe, akunja-
lo? (Ngikhulumisa okwabantu.)
**6** Lokho akunakwenzeka! Uma
uNkulunkulu engenabulungisa,
uyolahlulela kanjani izwe?[a]

**7** Kodwa uma ngenxa yama-
nga ami iqiniso likaNkulunku-
lu liye lenziwa lavelela ngo-
kwengeziwe kwaba inkazimulo
kuye, kungani-ke ngahlulelwa
njengesoni? **8** Kungani ku-
ngashiwo njengoba nje abanye
abantu beqamba amanga bethi
sithi, "Masenze izinto ezimbi
ukuze kuvele izinto ezinhle"?
Labo bantu bayokwahlulelwa
ngobulungisa.[b]

**9** Ingabe lokho kusho uku-
thi sisesimweni esingcono? Phi-
nde! Ngoba ngenhla sithe
amaJuda namaGreki bonke ba-
ngaphansi kwesono;[c] **10** nje-
ngoba nje kulotshiwe: "Ake-
kho umuntu olungile, ake-
kho ngisho noyedwa;[d] **11** ake-
kho onokuqonda; akekho ofu-
na uNkulunkulu. **12** Bonke
abantu baphambukile, bo-
nke baye baba yize; ake-
kho obonisa umusa, akekho
ngisho noyedwa."[e] **13** "Umphi-
mbo wabo uyithuna elivuleki-
le; bakhohlisile ngolimi lwa-
bo."[f] "Ubuthi bezimfezi busezi-
ndebeni zabo."[g] **14** "Umlomo
wabo ugcwele ukuqalekisa no-
kubaba."[h] **15** "Izinyawo zabo
ziyashesha ukuyochitha igazi."[i]
**16** "Ukucekela phansi noku-
bhubhisa kusezindleleni zabo,
**17** abayazanga indlela yoku-
thula."[j] **18** "Abamesabi uNku-
lunkulu."[k]

**19** Manje siyazi ukuthi zo-
nke izinto uMthetho ozisho-
yo uzibhekisa kulabo abanga-
phansi koMthetho, ukuze yo-
nke imilomo ivalwe futhi lonke
izwe libe necala phambi ku-
kaNkulunkulu.[l] **20** Ngakho-ke
ngenxa yemisebenzi yomthe-

---

**2:28** *Noma, "akukho emzimbeni wakhe."

**ISAHL. 2**
a Gen 17:10
b 1Ko 7:19; Gal 5:3
c Efe 2:11
d Rom 4:9, 10
e Joh 8:39; IsA 2:9
f 1Ko 7:19
g Rom 9:6
h Jer 4:4; IzE 7:51; Flp 3:3
i Rom 7:6
j Joh 5:44; 1Ko 4:5

**ISAHL. 3**
k Dut 4:8; Hu 147:19, 20; IzE 7:38
l Isay 55:10, 11; Joh 8:26; 2Ti 2:13
m Num 23:19; Hu 116:11
n Hu 51:4

**Uhla 2**
a Hu 9:8; Hu 96:13; Hu 98:9; IzE 17:31
b Heb 2:2, 3
c Rom 3:23; Gal 3:22
d IzA 20:9; Shu 7:20
e Hu 14:1-3
f Hu 5:9
g Hu 140:3
h Hu 10:7; Jak 3:8, 9
i IzA 1:16
j Isay 59:7, 8
k Hu 36:1
l Rom 2:12; Rom 5:13; Gal 3:10

tho akukho muntu okuyothiwa
ulungile phambi kwakhe,[a] ngo-
ba ngomthetho kuba khona
ulwazi olunembile ngesono.[b]
**21** Kodwa manje ukulunga
kukaNkulunkulu kuye kwe-
mbulwa ngaphandle komthe-
tho,[c] njengoba uMthetho naba-
Profethi kukufakazela lo-
kho,[d] **22** yebo, ukulunga ku-
kaNkulunkulu ngokholo kuJesu
Kristu, kubo bonke abanokho-
lo. Ngoba awukho umehluko.[e]
**23** Ngoba bonke bonile futhi
bayasilela enkazimulweni ka-
Nkulunkulu,[f] **24** futhi kunje-
ngesipho sesihle[g] ukuthi ngo-
musa wakhe omkhulu ku-
thiwa balungile[h] ngokukhulu-
lwa ngesihlengo esakhokhwa
uKristu Jesu.[i] **25** UNkulunku-
lu wamletha waba umnikelo wo-
kuhlawulela[j] ngokholo egazini
lakhe.[k] Lokhu kwakungenjongo
yokuba abonise ukulunga kwa-
khe siqu, ngoba uNkulunkulu
ngenxa yokubekezela kwakhe
wayethethelela izono ezenze-
ka esikhathini esidlule. **26** Lo-
khu kwakungenjongo yokuba
abonise ukulunga kwakhe siqu[l]
kule nkathi yamanje, ukuze abe
ngolungile ngisho nalapho ethi
ulungile umuntu onokholo ku-
Jesu.[m]

**27** Kuphi-ke ukuziqhayisa?
Ayikho indawo yako. Ngamu-
phi umthetho? Wemisebenzi?[n]
Lutho neze, kodwa ngomthe-
tho wokholo. **28** Ngoba sithi
umuntu kuthiwa ulungile ngo-
kholo ngaphandle kwemise-
benzi yomthetho.[o] **29** Noma
ingabe unguNkulunkulu wama-
Juda kuphela?[p] Akayena
yini noNkulunkulu wabantu
bezizwe?[q] Yebo, ungowabantu
bezizwe futhi.[r] **30** Njengoba
uNkulunkulu emunye,[s] uyothi
balungile abantu abasokile[t]
ngenxa yokholo, athi balungi-
le[a] abantu abangasokile nge-
nxa yokholo lwabo. **31** Kho-
na-ke, ingabe thina siyawuqe-
da umthetho ngokholo lwethu?
Lutho neze! Ngokuphambene
nalokho, siyawusekela umthe-
tho.[b]

**4** Njengoba kunjalo, sizothi wa-
zuzani u-Abrahama, ukho-
kho wethu? **2** Ngokwesibone-
lo, ukube u-Abrahama kwathi-
wa ulungile ngenxa yemisebe-
nzi, wayeyoba nesizathu sokuzi-
qhayisa, kodwa hhayi ngoNkulu-
nkulu. **3** Uthini umbhalo? Uthi,
"U-Abrahama waba nokholo ku-
Jehova,* wabhekwa njengolungi-
le."[c] **4** Kumuntu osebenzayo,
iholo lakhe alibhekwa njengo-
musa omkhulu kodwa njenge-
nto okufanele ayithole.* **5** Nga-
kolunye uhlangothi, lapho umu-
ntu eba nokholo kuNkulunkulu,
enganciki emisebenzini, uNku-
lunkulu umbheka njengolungile
ngenxa yokholo lwakhe. UNkulu-
nkulu ongabheka izoni njengezi-
lungile.[d] **6** Njengoba nje noDa-
vide ekhuluma ngenjabulo yo-
muntu uNkulunkulu ambheka
njengolungile ngaphandle kwe-
misebenzi, ethi: **7** "Bayajabula
labo okuthethelelwe izenzo zabo
zokungabi namthetho nabazono
zabo zimboziwe;* **8** uyajabula
umuntu uJehova* angeke asiba-
le isono sakhe."[e]

**9** Ingabe le njabulo ifike-
la kuphela abantu abasokile no-
ma ifikela nabantu abangasoki-
le?[f] Ngoba sithi: "Ukholo luka-
Abrahama lwamenza wabhekwa
njengolungile."[g] **10** Pho lwaba-
lwa ngaphansi kwaziphi izimo
njengokulunga? Lapho eseso-
kile noma engasokile? Nge-
sikhathi engakasoki. **11** Futhi

**4:3, 8** *Bheka iSithasiselo A5. **4:4** *Noma, "njengesikweletu." **4:7** *Noma, "zithethelelwe."

ISAHL. 3
*a* Gal 2:16; Gal 3:11
*b* Rom 7:9, 13; Gal 3:19
*c* Rom 1:16, 17
*d* Isay 53:11; Jer 31:34; Dan 9:24
*e* Gal 3:28
*f* Shu 7:20
*g* Rom 5:17
*h* Efe 2:8
*i* Mat 20:28; 1Ti 2:5, 6; 1Pe 2:24
*j* Isay 53:11; 2Ko 5:19; 1Jo 2:1, 2; 1Jo 4:10
*k* Lev 17:11; IzE 13:39; Efe 1:7
*l* Hu 89:14
*m* 1Ko 1:30; 1Jo 1:9
*n* IzE 13:38, 39; Efe 2:8, 9
*o* Gal 2:15, 16; Jak 2:24
*p* IzE 17:26, 27
*q* IzE 10:4
*r* Isay 54:5; Rom 10:12; Gal 3:14
*s* Dut 6:4; 1Ko 8:6; Efe 4:6
*t* 1Ko 7:18

Uhla 2
*a* Gal 3:8
*b* Mat 5:17; Rom 8:3, 4; Rom 13:10

ISAHL. 4
*c* Gen 15:6; Gal 3:6; Jak 2:23
*d* Gal 2:15, 16
*e* Hu 32:1, 2
*f* Rom 3:30
*g* Rom 4:3

wamukela isibonakaliso[a]—oku-
wukuthi, ukusoka—saba upha-
wu* lokulunga ngokholo ayena-
lo lapho engasokile, ukuze abe
uyise wabo bonke abanokholo[b]
bebe bengasokile, ukuze babhe-
kwe njengabalungile; **12** futhi
abe uyise wenzalo esokile, hha-
yi owalabo abanamathela eku-
sokeni kuphela, kodwa nowala-
bo abahamba ngokuhleleka ezi-
nyathelweni zokholo ubaba we-
thu u-Abrahama[c] ayenalo ngesi-
khathi engasokile.

**13** Ngoba u-Abrahama noma
inzalo* yakhe abasithola-
nga ngomthetho isithembiso
sokuthi uyoba indlalifa ye-
zwe,[d] kodwa kwakungokulu-
nga ngokholo.[e] **14** Ngoba uma
labo abanamathela emthe-
thweni beyizindlalifa, ukho-
lo luphenduka into engenamse-
benzi nesithembiso siba yize.
**15** Eqinisweni uMthetho uba-
ngela ulaka,[f] kodwa lapho ku-
ngekho mthetho khona, aku-
kho nokweqa umthetho.[g]

**16** U-Abrahama wamukela
isithembiso ngenxa yokholo,
ukuze kube ngokomusa om-
khulu,[h] ukuze isithembiso si-
gcwaliseke kuyo yonke inza-
lo* yakhe,[i] hhayi kulabo aba-
namathela eMthethweni nje ku-
phela, kodwa nakulabo abana-
mathela okholweni luka-Abra-
hama, ongubaba wethu sonke.[j]
**17** (Lokhu kunjengoba nje ku-
lotshiwe: "Ngikumise ukuba
ube uyise wezizwe eziningi.")[k]
Lokhu kwakuphambi kuka-
Nkulunkulu, ayenokholo kuye,
ophilisa abafile futhi abize izi-
nto ezingekho njengokungathi
zikhona.* **18** Nakuba ayenga-
senathemba, nokho ngokuse-
kelwe ethembeni, wayenokho-
lo lokuthi wayezoba uyise we-
zizwe eziningi ngokuvumela-
na nalokho okwashiwo kuthi-
wa: "Iyoba ngako inzalo* ya-
kho."[a] **19** Nakuba engazange
abe buthakathaka okholwe-
ni, wacabanga ngomzimba wa-
khe siqu, owawusufile (nje-
ngoba ayeseneminyaka engaba
ngu-100 ubudala),[b] nangokuba
inyumba kukaSara.[c] **20** Ko-
dwa ngenxa yesithembiso si-
kaNkulunkulu, akazange ante-
ngantenge ngokuntula ukholo;
kodwa waba namandla ngokho-
lo lwakhe, enika uNkulunku-
lu inkazimulo **21** futhi eqini-
seka ngokugcwele ukuthi lo-
kho uNkulunkulu ayekuthe-
mbisile uyakwazi nokukwe-
nza.[d] **22** Ngakho "wabhekwa
njengolungile."[e]

**23** Nokho, amazwi athi "wa-
bhekwa njengolungile" awalo-
tshwanga ngenxa yakhe kuphe-
la,[f] **24** kodwa nangenxa ye-
thu, thina esibhekwa njengaba-
lungile, ngoba sikholelwa ku-
Lowo owavusa uJesu iNkosi
yethu kwabafile.[g] **25** Wanike-
lwa ngenxa yeziphambeko ze-
thu[h] futhi wavuswa ukuze ku-
thiwe silungile.[i]

**5** Ngakho, njengoba sekuthi-
we silungile ngenxa yo-
kholo,[j] masijabulele ukuthula*
noNkulunkulu ngeNkosi yethu
uJesu Kristu,[k] **2** esikwaze
ngayo ukungena ngokholo kulo
musa omkhulu esimi kuwo ma-
nje;[l] masijabule* ngokusekelwe
ethembeni lenkazimulo kaNku-
lunkulu. **3** Kungagcini nje la-
pho, kodwa masijabule* la-
pho sisezinsizini,[m] njengoba
sazi ukuthi usizi luveza uku-
khuthazela;[n] **4** ukukhuthaze-

---

**4:11** *Noma, "isiqinisekiso." **4:13, 16, 18** *NgesiGreki, "imbewu." **4:17** *Noma kungaba, "abangele ukuba okungekho kube khona."

**5:1** *Noma kungaba, "sinokuthula." **5:2, 3** *Noma kungaba, "siyathokoza."

---

ISAHL. 4

*a* Gen 17:1, 2, 11
*b* Rom 4:16; Gal 3:7
*c* Gal 3:29
*d* Gen 12:1-3; Gen 17:5, 6; Gen 22:17, 18
*e* Heb 11:8
*f* Rom 3:20; Rom 5:20; 2Ko 3:7
*g* Rom 5:13
*h* Rom 3:24
*i* Rom 9:8; Gal 3:29
*j* Rom 4:11
*k* Gen 17:5

Uhla 2

*a* Gen 15:5; Heb 11:17, 18
*b* Gen 17:17
*c* Gen 18:11; Heb 11:11, 12
*d* Heb 11:19
*e* Gen 15:6; Jak 2:23
*f* Rom 15:4
*g* IzE 2:24; IzE 13:30; 1Pe 1:21
*h* Mat 20:28
*i* Isay 53:11, 12; 2Ko 5:21

ISAHL. 5

*j* IzE 13:38, 39
*k* Efe 2:14
*l* 2Ko 5:18; Efe 3:11, 12; Heb 10:19
*m* Flp 2:17; 1Pe 4:12, 13
*n* IzE 5:41, 42

la kona kuveza ukwamukeleka;[a] ukwamukeleka kona kuveza ithemba,[b] **5** ithemba aliholeli ekudumazekeni;[c] ngoba uthando lukaNkulunkulu luthululelwe ezinhliziyweni zethu ngomoya ongcwele esawuphiwa.[d]

**6** Ngoba impela ngesikhathi sisebuthakathaka,[e] ngesikhathi esimisiwe uKristu wafela abantu abangamhloniphi uNkulunkulu. **7** Ngoba mancane amathuba okuthi kube nomuntu ongafela umuntu olungile; nakuba mhlawumbe kungase kube khona onesibindi sokufela umuntu omuhle. **8** Kodwa uNkulunkulu usibonisa uthando lwakhe siqu ngoba, ngesikhathi siseyizoni, uKristu wasifela.[f] **9** Ngakho njengoba manje sekuthiwa silungile ngegazi lakhe,[g] nakanjani siyosindiswa ngaye olakeni lukaNkulunkulu.[h] **10** Ngoba uma lapho siseyizitha sabuyisana noNkulunkulu ngokufa kweNdodana yakhe,[i] siyosindiswa kakhulu kangakanani-ke ngokuphila kwayo njengoba sesibuyisene. **11** Akukhona lokho kuphela, kodwa futhi siyajabula ngoNkulunkulu ngeNkosi yethu uJesu Kristu, esikuthole ngayo lokhu kubuyisana.[j]

**12** Ngomuntu oyedwa isono sangena ezweni nokufa kwangena ngesono,[k] ngaleyo ndlela ukufa kwasakazekela kubantu bonke ngenxa yokuthi bonke bonile[l]—. **13** Ngoba isono sasikhona ezweni ungakafiki uMthetho, kodwa isono asibalelwa kumuntu uma kungekho mthetho.[m] **14** Noma kunjalo, ukufa kwabusa njengenkosi kusukela ku-Adamu kwehle kuze kufike kuMose, ngisho naphezu kwalabo ababengonanga ngendlela u-Adamu ona ngayo, lowo ngandlela-thile ofana nalowo owayezokuza.[a]

**15** Kodwa isipho asifani nesiphambeko. Ngoba ngesiphambeko somuntu oyedwa kwafa abaningi, ngendlela efanayo ngomusa omkhulu womuntu oyedwa, abaningi bathola umusa omkhulu kaNkulunkulu nesipho sakhe sesihle ngomusa omkhulu ngalo muntu oyedwa,[b] uJesu Kristu.[c] **16** Ngaphezu kwalokho, isipho sesihle nesono esenziwa yilowo muntu oyedwa kunemiphumela engafani.[d] Ngoba isiphambeko esisodwa senza kwathiwa bonke abantu banecala,[e] kodwa isipho sesihle esaba khona ngenxa yeziphambeko eziningi senza kwathiwa abantu abaningi balungile.[f] **17** Ngoba uma ngesiphambeko salo muntu oyedwa ukufa kwabusa njengenkosi ngaye lowo,[g] labo abamukela insada* yomusa omkhulu neyesipho sesihle sokulunga[h] bayobusa kakhulu kangakanani-ke njengamakhosi[i] ekuphileni ngomuntu oyedwa, uJesu Kristu![j]

**18** Ngakho, njengoba nje ngesiphambeko esisodwa umphumela kubantu bazo zonke izinhlobo waba ukulahlwa,[k] ngokufanayo, ngesenzo esisodwa sokulunga, umphumela kubantu bazo zonke izinhlobo[l] uwukuba kuthiwe balungile kube ukuphila.[m] **19** Ngoba njengoba nje ngokungalaleli komuntu oyedwa abaningi baba yizoni,[n] ngokufanayo, ngokulalela komuntu oyedwa abaningi bayoba abalungile.[o] **20** Kamuva kwaba khona uMthetho ukuze abantu babone ukuthi benza iziphambeko eziningi.[p] Kodwa lapho abantu benza izono eziningi, umusa

5:17 * Noma, "intilibathwa."

ISAHL. 5
- *a* Jak 1:12
- *b* Flp 1:18-20
- *c* Jos 21:45
- *d* 2Ko 1:22, Gal 4:6, Efe 1:13, 14
- *e* Efe 2:1, 5
- *f* Isay 53:12, Joh 3:16, Efe 2:4, 5, 1Pe 3:18, 1Jo 4:10
- *g* IzE 13:38, 39, Heb 9:14
- *h* 1Th 1:10
- *i* 2Ko 5:18, Kol 1:21, 22
- *j* 2Ko 5:19
- *k* Gen 2:17, Gen 3:6, Gen 3:19, 1Ko 15:21
- *l* Hu 51:5, Rom 3:23
- *m* Rom 4:15

Uhla 2
- *a* 1Ko 15:45
- *b* Heb 2:9
- *c* Isay 53:11, Mat 20:28
- *d* Gen 2:17, Gen 3:6
- *e* Gen 3:17-19
- *f* Rom 4:25
- *g* Rom 5:12, 14
- *h* Rom 3:24
- *i* IsA 5:9, 10, IsA 20:4
- *j* 1Pe 3:18, IsA 1:5, 6
- *k* 1Ko 15:21
- *l* Rom 1:16, 1Ti 2:3, 4
- *m* Joh 10:10
- *n* Rom 5:12
- *o* Isay 53:11, Heb 2:10
- *p* Rom 3:20, Gal 3:19

omkhulu waba mningi ngisho
nakakhulu. **21** Ngayiphi injo-
ngo? Ukuze njengoba nje isono
sabusa kanye nokufa njenge-
nkosi,[a] ngokufanayo nomusa
omkhulu ubuse njengenkosi
ngokulunga okuholela ekuphi-
leni okuphakade ngoJesu Kri-
stu iNkosi yethu.[b]

**6** Pho sizothini? Ingabe ku-
fanele siqhubeke esonweni
ukuze kwande umusa omkhu-
lu? **2** Akunjalo neze! Njengo-
ba safa ngokuqondene neso-
no,[c] singaqhubeka kanjani si-
phila kuso?[d] **3** Noma anazi
yini ukuthi sonke esabhapathi-
zelwa kuKristu Jesu[e] sabhapa-
thizelwa ekufeni kwakhe?[f]
**4** Ngakho sangcwatshwa ka-
nye naye ngokubhapathizelwa
ekufeni kwakhe,[g] ukuze ku-
thi, njengoba nje uKristu avu-
swa kwabafile ngenkazimulo
kaYise, nathi sihambe ekuphi-
leni okusha.[h] **5** Ngoba uma
siye saba munye naye esi-
mweni sokufa kwakhe,[i] ngo-
kuqinisekile siyophinde sibe
munye naye esimweni sovu-
ko lwakhe.[j] **6** Ngoba siyazi
ukuthi ubuntu bethu obuda-
la babethelwa esigxotsheni ka-
nye naye[k] ukuze umzimba we-
thu onesono wenziwe butha-
ka,[l] ukuze singabe sisaqhube-
ka siyizigqila zesono.[m] **7** Ngo-
ba lowo ofile ukhululiwe* eso-
nweni sakhe.

**8** Ngaphezu kwalokho, uma
siye safa kanye noKristu, si-
kholelwa ukuthi siyophila ka-
nye naye futhi. **9** Ngoba si-
yazi ukuthi uKristu, njengoba
esevusiwe kwabafile,[n] akasafi;[o]
ukufa akuseyona inkosi phe-
zu kwakhe. **10** Ngoba ekufeni
kwakhe, wafa kanye kwaba ku-
phela ukuze asule isono,[p] ko-
dwa ukuphila akuphilayo, uphi-
lela uNkulunkulu. **11** Ngoku-
fanayo nani, zibhekeni njenga-
bafile ngokuqondene nesono
kodwa njengabaphilayo ngo-
kuqondene noNkulunkulu ngo-
Kristu Jesu.[a]

**12** Ngakho-ke ningasivumeli
isono ukuba siqhubeke sibusa
njengenkosi emizimbeni yenu
efayo[b] ngenjongo yokuba nila-
lele izifiso zayo. **13** Futhi ni-
ngaqhubeki ninikela imizimba*
yenu esonweni njengezikhali
zokungalungi, kodwa zinike-
leni kuNkulunkulu njengaba-
philayo bevela kwabafile, ne-
mizimba# yenu kuNkulunku-
lu njengezikhali zokulunga.[c]
**14** Ngoba isono akumele sibe
yinkosi phezu kwenu, njengo-
ba ningekho ngaphansi kom-
thetho[d] kodwa ningaphansi ko-
musa omkhulu.[e]

**15** Yini elandelayo? Ingabe
sizokwenza isono ngenxa yo-
kuthi asikho ngaphansi kom-
thetho kodwa singaphansi ko-
musa omkhulu?[f] Akunjalo
neze! **16** Anazi yini ukuthi
uma nizinikela kunoma uba-
ni njengezigqila ezilalelayo, ni-
yizigqila zalowo enimlalela-
yo,[g] kungaba ezesono[h] esiho-
lela ekufeni[i] noma ezokulalela
okuholela ekulungeni? **17** Ko-
dwa makabongwe uNkulunkulu
ngokuthi nakuba nake naba yi-
zigqila zesono, nalulalela ngo-
kusuka enhliziyweni lolo hlo-
bo lwemfundiso enanikelwa
kulo. **18** Yebo, njengoba na-
khululwa esonweni,[j] naba izi-
gqila zokulunga.[k] **19** Ngisebe-
nzisa amazwi aqondwa abantu
ngenxa yobuthakathaka benya-
ma yenu; ngoba njengoba nje
nanikela amalunga enu aba izi-
gqila zokungcola nobubi uku-
ze nenze okubi, manje nike-

6:7 *Noma, "uthethelelwe."

6:13 *NgesiGreki, "amalunga." #NgesiGreki, "namalunga."

ISAHL. 5
a 1Ko 15:56
b Joh 3:16; 1Jo 4:9

ISAHL. 6
c 1Pe 2:24
d Heb 10:26, 27
e 1Ko 12:13; Gal 3:27
f Mar 10:38, 39; 1Ko 15:29
g Kol 2:12
h Kol 3:10; 1Jo 3:14
i 2Ko 4:10; Flp 3:10
j 1Ko 15:42, 49
k Gal 5:24
l Kol 2:11; Kol 3:5
m 2Ko 7:1
n IzE 13:34
o IsA 1:17, 18
p Heb 9:28; 1Pe 3:18

Uhla 2
a 1Pe 2:24
b Gen 4:7
c Rom 12:1
d Rom 7:6; Gal 5:18; Kol 2:13, 14
e Joh 1:17
f Rom 5:21
g 2Pe 2:19
h Joh 8:34
i Rom 6:23
j Joh 8:31, 32
k 1Pe 2:24

lani amalunga enu abe izigqila
zokulunga nenze okungcwele.[a]
**20** Ngoba ngesikhathi niseyi-
zigqila zesono, nanikhululekile
ngokuqondene nokulunga.

**21** Sasiyini-ke isithelo ena-
nisikhiqiza ngaleso sikhathi?
Izinto eninamahloni ngazo ma-
nje. Ngoba isiphetho salezo zi-
nto ukufa.[b] **22** Nokho, ngenxa
yokuthi senakhululwa esonwe-
ni naba izigqila zikaNkulunku-
lu, nikhiqiza isithelo senu
esiwubungcwele,[c] lokho kuho-
lela ekuphileni okuphakade.[d]
**23** Ngoba inkokhelo yesono
ukufa,[e] kodwa isipho uNku-
lunkulu asinikezayo ukuphi-
la okuphakade[f] ngoKristu Jesu
iNkosi yethu.[g]

**7** Kungenzeka yini bafowethu
ukuthi anazi, (ngoba ngikhu-
luma nalabo abawaziyo umthe-
tho) ukuthi uMthetho uyinko-
si phezu komuntu uma nje
esaphila? **2** Ngokwesibonelo,
owesifazane oshadile ubosh-
elwe ngumthetho kumyeni wa-
khe lapho esaphila; kodwa uma
umyeni wakhe efa, uyakhululwa
emthethweni womyeni wakhe.[h]
**3** Ngakho-ke, lapho umyeni wa-
khe esaphila, kungathiwa uyisi-
phingi uma eba ngowenye indo-
da.[i] Kodwa uma umyeni wa-
khe efa, ukhululekile emthe-
thweni wakhe, kangangokuthi
akabi isiphingi uma eba ngowe-
nye indoda.[j]

**4** Ngakho bafowethu, nani,
ngomzimba kaKristu nenzi-
wa naba abafile ngokuqonde-
ne noMthetho, ukuze nibe
ngabomunye,[k] lowo owavuswa
kwabafile,[l] ukuze sithele izi-
thelo ezinhle kuNkulunkulu.[m]
**5** Ngoba lapho sisaphila ngo-
kuvumelana nenyama, izinka-
nuko zesono ezazivuswa
uMthetho zazisebenza emizi-
mbeni* yethu ukuze sikhiqize
isithelo sokufa.[a] **6** Kodwa ma-
nje sikhululiwe eMthethweni,[b]
ngoba siye safa kulokho oku-
sivimbayo, ukuze sibe izigqi-
la ngomqondo omusha ngomo-
ya,[c] hhayi ngomqondo omdala
ngomthetho olotshiwe.[d]

**7** Pho sizothini? Ingabe
uMthetho uyisono? Akunjalo
neze! Ngempela, ngabe angisa-
zanga isono ukube kwakunge-
ngenxa yoMthetho.[e] Ngokwe-
sibonelo, ngabe angikwazanga
ukuhaha ukube uMthetho wa-
wungashongo ukuthi: "Unga-
hahi."[f] **8** Kodwa isono, sitho-
la ithuba ngomyalo, saveza
kimi ukuhaha kwazo zonke
izinhlobo, ngoba ngapha-
ndle komthetho isono sasifile.[g]
**9** Eqinisweni, ngake ngaphila
ngaphandle komthetho. Kodwa
lapho kufika umyalo, isono sa-
buye saphila, kodwa mina nga-
fa.[h] **10** Umyalo okwakumele
uholele ekuphileni,[i] ngawutho-
la uholela ekufeni. **11** Ngoba
isono, sithola ithuba ngomya-
lo, sangiyenga futhi sangibula-
la ngawo. **12** Ngakho uMthe-
tho ngokwawo ungcwele, no-
myalo ungcwele, ulungile futhi
muhle.[j]

**13** Ngakho, ingabe oku-
hle kwabangela ukufa kwa-
mi? Akunjalo neze! Kodwa yi-
sono esenza lokho, ukuze si-
bonakale ukuthi siyisono, esa-
ngivezela ukufa ngokuhle,[k]
ukuze ngomyalo isono sibe
yisono nakakhulu.[l] **14** Ngo-
ba siyazi ukuthi uMthetho
uvela kuNkulunkulu, kodwa
mina ngingowenyama, ngithe-
ngiswe ngaphansi kwesono.[m]
**15** Angikuqondi engikwenza-
yo. Angikwenzi engikufisayo,
kodwa ngenza engikuzondayo.

---

**7:5** * NgesiGreki, "emalungeni."

ISAHL. 6
a Rom 12:1
b Rom 8:6; Gal 5:19-21
c Gal 5:22, 23
d 1Ko 9:25
e Gen 2:17
f Mat 25:46; 1Pe 1:3, 4
g 1Ti 1:16; 1Jo 2:1, 2; Jud 21

ISAHL. 7
h 1Ko 7:39
i Mat 5:32; Mat 19:9; Mar 10:11, 12; Luk 16:18
j 1Ko 7:8, 9; 1Ti 5:14
k 2Ko 11:2
l IzE 5:30; 2Ko 5:15
m Gal 5:22, 23; Kol 1:10

Uhla 2
a Jak 1:14, 15
b Rom 10:4; Efe 2:15; Kol 2:13, 14
c Rom 12:11
d Gal 3:10
e Rom 3:20; Gal 3:19
f Eks 20:17; Dut 5:21
g Rom 4:15; Rom 5:20
h 2Ko 3:6
i Lev 18:5; Luk 10:26-28
j Dut 4:8; Hu 19:8
k 1Ko 15:56
l Rom 5:13
m Hu 51:5; Joh 8:34; Rom 6:16

**16** Nokho, uma ngenza engi-
ngakufisi, ngiyavuma ukuthi
uMthetho muhle. **17** Kodwa
manje akusemina okwenzayo,
kodwa yisono esihlala kimi.[a]
**18** Ngoba ngiyazi ukuthi kimi,
okungukuthi, enyameni yami,
akuhlali lutho oluhle; ngoba
nginesifiso sokwenza okuhle,
kodwa anginawo amandla oku-
kwenza.[b] **19** Ngoba angikwe-
nzi okuhle engikufisayo, kodwa
okubi engingakufisi yikho engi-
kwenzayo. **20** Uma-ke engi-
ngakufisi kuyikho engikwenza-
yo, akusemina okwenzayo, ko-
dwa yisono esihlezi kimi.

**21** Ngithola lo mthetho kimi:
Lapho ngifisa ukwenza okuhle,
kukhona okubi kimi.[c] **22** Nge-
mpela, umuntu enginguye nga-
phakathi uyajabula ngom-
thetho kaNkulunkulu,[d] **23** ko-
dwa emzimbeni* wami ngibo-
na omunye umthetho olwa
nomthetho wengqondo yami[e]
futhi ongithumbela emthe-
thweni wesono[f] osemzimbe-
ni# wami. **24** Yeka mina mu-
ntu wosizi! Ubani oyongisindisa
kulo mzimba ofayo?* **25** Ma-
kabongwe uNkulunkulu ngoJe-
su Kristu iNkosi yethu! Ngakho-
ke, ngengqondo yami mina ngo-
kwami ngiyisigqila somthetho
kaNkulunkulu, kodwa ngenya-
ma yami ngiyisigqila somthetho
wesono.[g]

**8** Ngakho labo abamunye no-
Kristu Jesu abanalo ica-
la. **2** Ngoba umthetho womo-
ya onikeza ukuphila labo aba-
munye noKristu Jesu ukukhu-
lulile[h] emthethweni wesono no-
kufa. **3** Lokho uMthetho owa-
hluleka ukukwenza[i] ngenxa yo-
kuthi wawubuthakathaka[j] nge-
nxa yenyama, uNkulunkulu
wakwenza ngokuthumela iNdo-
dana yakhe siqu[a] isesimwe-
ni senyama enesono[b] nango-
kuphathelene nesono, walahla
isono esisenyameni, **4** ukuze
okulungile okufunwa uMthe-
tho kugcwaliseke kithi[c] esi-
ngahambi ngokuvumelana ne-
nyama, kodwa esihamba ngo-
kuvumelana nomoya.[d] **5** Ngo-
ba labo abaphila ngokuvumela-
na nenyama babeka izingqondo
zabo ezintweni zenyama,[e] ko-
dwa labo abaphila ngokuvume-
lana nomoya bazibeka ezintwe-
ni zomoya.[f] **6** Ngoba ukunaka
inyama kusho ukufa,[g] kodwa
ukunaka umoya kusho ukuphi-
la nokuthula;[h] **7** ngoba uku-
naka inyama kusho ubutha
noNkulunkulu,[i] ngoba ayizitho-
bi emthethweni kaNkulunkulu,
futhi eqinisweni ayinakuzitho-
ba. **8** Ngakho labo abavume-
lana nenyama abanakumjabuli-
sa uNkulunkulu.

**9** Nokho, nina anivumela-
ni nenyama, kodwa nivumelana
nomoya,[j] uma ngempela umoya
kaNkulunkulu uhlala kini. Ko-
dwa uma umuntu engenawo
umoya kaKristu, lowo muntu
akayena okaKristu. **10** Kodwa
uma uKristu emunye nani,[k]
umzimba ufile ngenxa yesono,
kodwa umoya ungukuphila nge-
nxa yokulunga. **11** Manje uma
umoya walowo owavusa uJe-
su kwabafile uhlala kini, lowo
owavusa uKristu Jesu kwabafi-
le[l] uyoyiphilisa nemizimba yenu
efayo[m] ngomoya wakhe ohlala
kini.

**12** Ngakho bafowethu, si-
nesibopho, kodwa asibopheki-
le ukulandela okufunwa yi-
nyama;[n] **13** ngoba uma ni-
phila ngokuvumelana ne-
nyama, nakanjani niyokufa;
kodwa uma nibulala imisebe-

**7:23** *NgesiGreki, "emalungeni." #NgesiGreki, "osemalungeni." **7:24** *Kubhekiselwa ekufeni okubangelwa yisono esisizuze njengefa.

ISAHL. 7
a Gen 8:21
b Mat 26:41
c Jer 17:9
d 2Ko 4:16; Efe 3:16; Efe 4:23, 24
e Gal 5:17; Jak 4:1
f Joh 8:34
g Rom 6:13; Gal 5:17

ISAHL. 8
h Joh 8:31, 32; Jak 1:25
i Rom 3:20; Heb 7:11
j Heb 7:18

Uhla 2
a 1Jo 4:9
b Joh 1:14
c Rom 3:31
d Gal 5:16, 18
e Gal 5:19-21
f Gal 5:22, 23
g Rom 6:21
h Gal 6:7, 8
i Isay 59:2; Kol 1:21
j Gal 5:25
k Joh 15:4
l IzE 2:24
m Efe 2:1, 5
n Gal 5:19-21

nzi yenyama*[a] ngomoya, ni-
yophila.[b] **14** Ngoba bonke
abaholwa umoya kaNkulunku-
lu ngempela bangamadoda-
na kaNkulunkulu.[c] **15** Ngoba
anamukelanga umoya wobu-
gqila obangela ukwesaba fu-
thi, kodwa namukela umo-
ya wokutholwa* nenziwe ama-
dodana, umoya esikhamuluka
ngawo sithi: *"Abha,*# Baba!"[d]
**16** Umoya ngokwawo ufakaze-
lana nomoya wethu[e] ukuthi si-
ngabantwana bakaNkulunku-
lu.[f] **17** Uma-ke singabantwa-
na, siyizindlalifa futhi—izindla-
lifa zikaNkulunkulu, kodwa izi-
ndlalifa[g] ezikanye noKristu—
uma kodwa sihlupheka kanye
naye[h] ukuze sikhazinyuliswe
kanye naye.[i]

**18** Ngenxa yalokho, ngicaba-
nga ukuthi izinhlupheko zama-
nje azilutho uma ziqhathani-
swa nenkazimulo ezokwambu-
lwa kithi.[j] **19** Ngoba indalo
ikulindele ngokulangazela oku-
khulu ukwambulwa kwabantwa-
na bakaNkulunkulu.[k] **20** Ngo-
ba indalo yenziwa ukuba iphi-
le ukuphila okuyize,[l] hhayi nge-
ntando yayo siqu kodwa nge-
ntando yalowo owenza ukuba
iphile ukuphila okuyize, uku-
ze ibe nethemba **21** lokuthi
indalo ngokwayo nayo iyokhu-
lulwa[m] ekugqilazweni ukonaka-
la ibe nenkululeko ekhazimula-
yo yabantwana bakaNkulunku-
lu. **22** Ngoba siyazi ukuthi yo-
nke indalo iyaqhubeka ibubu-
la kanyekanye futhi isezinhlu-
ngwini kanyekanye kuze kube
manje. **23** Akugcini nje lapho,
kodwa nathi esamukela umoya
ongcwele, ingxenye yokuqala*
yokwakuzolandela, siyabubula
ngaphakathi kithi,[a] kuyilapho
silindele ngobuqotho ukutholwa
njengabantwana,[b] ukukhululwa
emizimbeni yethu ngesihlengo.
**24** Ngoba sasindiselwa kuleli
themba; kodwa ithemba elibo-
nwayo akulona ithemba, ngoba
lapho umuntu eyibona into, uya-
ba yini nethemba layo? **25** Ko-
dwa uma sinethemba[c] ngesinga-
kuboni,[d] siyaqhubeka sikulinde-
la ngokukhuthazela.[e]

**26** Ngendlela efanayo, umo-
ya nawo uyasisiza ebuthaka-
thakeni bethu;[f] ngoba inki-
nga iwukuthi asazi ukuthi yini
okufanele siyithandazele nje-
ngoba kudingeka, kodwa umo-
ya ngokwawo uyasincengela
ngokububula okungaphinyise-
lwe. **27** Kodwa lowo ohlola
izinhliziyo[g] uyakwazi okushiwo
umoya, ngoba uncengela aba-
ngcwele ngokuvumelana ne-
ntando kaNkulunkulu.

**28** Siyazi ukuthi uNkulu-
nkulu wenza yonke imisebenzi
yakhe ibambisane ngokwenzu-
zo yalabo abathanda uNkulu-
nkulu, labo ababiziwe ngokwe-
njongo yakhe;[h] **29** ngoba labo
yena acabanga ngabo kuqala
waphinde wabamisa kuse-
ngaphambili ukuze bafani-
swe nomfanekiso weNdodana
yakhe,[i] ukuze ibe izibulo[j] pha-
kathi kwabafowabo abaningi.[k]
**30** Ngaphezu kwalokho, labo
abamisa kusengaphambili[l] yibo
futhi ababizile;[m] labo ababizile
yibo futhi athi balungile.[n] Eku-
gcineni labo athi balungile yibo
futhi abakhazimulisile.[o]

**31** Sizothini-ke ngalezi zi-
nto? Uma uNkulunkulu enga-
kithi, ubani oyomelana nathi?[p]
**32** Njengoba engazange agodle

**ISAHL. 8**

*a* 1Ko 9:27 Gal 5:24 Efe 4:22 Kol 3:5
*b* Gal 6:7, 8
*c* Joh 1:12 Joh 3:5
*d* Gal 4:4-6
*e* 1Ko 2:10, 12 2Ko 1:22
*f* Joh 1:12 Gal 3:26 1Jo 3:2
*g* Luk 12:32 Gal 3:29
*h* Flp 1:29 Kol 1:24
*i* 1Ko 15:53 IsA 3:21
*j* 2Ko 4:17 1Pe 4:13
*k* 1Jo 3:2
*l* Gen 3:17-19
*m* Joh 8:31, 32 1Ko 15:22

**Uhla 2**

*a* 2Ko 5:1, 2
*b* Gal 4:4, 5 Efe 1:5 IsA 21:7
*c* 1Pe 1:3, 4
*d* 2Ko 5:7
*e* Rom 5:3-5
*f* Joh 14:16, 26 Joh 16:7
*g* Jer 11:20
*h* Efe 1:9-11 2Ti 1:9
*i* Joh 13:15 Rom 6:5 1Ko 15:49
*j* Heb 1:6
*k* Heb 2:11
*l* Efe 1:5
*m* Flp 3:14 1Th 2:12 Heb 3:1
*n* Rom 5:18 Tit 3:7
*o* 2Ko 4:6
*p* Hu 118:6 1Jo 4:4

---

**8:13** *Noma, "imikhuba yomzimba." **8:15** *Inkulumo yesiGreki ibhekisela ekwenzeni othile ongamzali abe yindodana engokomthetho. #Igama lesiHebheru noma lesi-Aramu elisho ukuthi "O Baba!"

**8:23** *Noma, "izithelo zokuqala ezivuthiwe; ulibo."

ngisho neNdodana yakhe siqu
kodwa wayinikela ngenxa ye-
thu sonke,[a] ngeke yini, ngaphe-
zu kwendodana yakhe, asinike
zonke ezinye izinto? **33** Uba-
ni ongamangalela abakhethi-
we bakaNkulunkulu?[b] UNku-
lunkulu nguYe othi balungile.[c]
**34** Ubani ozobalahla? UKri-
stu Jesu nguye owafa, ngaphe-
zu kwalokho, nguye owavuswa
kwabafile, ongakwesokudla si-
kaNkulunkulu,[d] osincengelayo
futhi.[e]

**35** Ubani oyosihlukanisa no-
thando lukaKristu?[f] Ingabe usi-
zi noma ukucindezeleka noma
ukushushiswa noma ukulamba
noma ukuhamba-ze noma ingo-
zi noma inkemba?[g] **36** Nje-
ngoba nje kulotshiwe ukuthi:
“Sibulawa usuku lonke ngenxa
yakho; siphathiswa okwezi-
mvu zokuhlatshwa.”[h] **37** Ngo-
kuphambene nalokho, kuzo zo-
nke lezi zinto siyanqoba ngoku-
phelele[i] ngalowo owasithanda.
**38** Ngoba ngiyaqiniseka ukuthi
nakufa nakuphila nazingelosi
nahulumeni nazinto ezikhona
manje nazinto ezizayo nama-
ndla[j] **39** nakuphakama naku-
jula nanoma iyiphi enye indalo
ngeke kukwazi ukusihlukanisa
nothando lukaNkulunkulu olu-
kuKristu Jesu iNkosi yethu.

**9** Ngikhuluma iqiniso kuKri-
stu; angiqambi amanga, nje-
ngoba unembeza wami ufaka-
zelana nami emoyeni ongcwele,
**2** ukuthi nginosizi olukhulu
nobuhlungu obungapheli enhli-
ziyweni yami. **3** Ngoba ngifisa
sengathi ngabe mina ngokwa-
mi ngihlukanisiwe noKristu
njengoqalekisiwe ngenxa yaba-
fowethu, izihlobo zami ngo-
kwenyama, **4** abangama-Isra-
yeli. Abathathwa benziwa ama-
dodana kaNkulunkulu[k] futhi
bamukela inkazimulo nezivu-
melwano[a] nokunikezwa uMthe-
tho[b] nenkonzo engcwele[c] nezi-
thembiso.[d] **5** Abavela kokho-
kho,[e] nokwavela kubo uKristu
ngokwenyama.[f] UNkulunkulu,
ophezu kwakho konke, maka-
dunyiswe kuze kube phakade.
Amen.

**6** Nokho, akukhona ukuthi
izwi likaNkulunkulu lihlulekile.
Ngoba akubona bonke abave-
la ku-Israyeli “abangu-Israyeli”
ngempela.[g] **7** Futhi akubona
bonke abangabantwana nge-
nxa yokuthi bayinzalo* ka-
Abrahama;[h] kunalokho, “Lo-
kho okuyobizwa ngokuthi
inzalo# yakho kuyoba kho-
na ngo-Isaka.”[i] **8** Okunguku-
thi, abangabantwana enyame-
ni ababona ngempela aba-
ntwana bakaNkulunkulu[j], ko-
dwa abangabantwana ngesithe-
mbiso[k] yibo ababalwa njenge-
nzalo.* **9** Ngoba izwi lesithe-
mbiso lalithe: “Ngalesi sikha-
thi ngizofika futhi uSara uzobe
esenendodana.”[l] **10** Akugci-
nanga nje lapho, kodwa nala-
pho uRebheka ekhulelwa ama-
wele endodeni eyodwa, u-Isa-
ka ukhokho wethu;[m] **11** ngo-
ba ngesikhathi engakazalwa fu-
thi engakakwenzi okuhle noma
okubi, ukuze injongo kaNkulu-
nkulu ngokuqondene nokukhe-
thwa kwabo iqhubeke inganci-
kile emisebenzini, kodwa ku-
Lowo obizayo, **12** kwathiwa
kuye: “Omdala uyoba isigqila
somncane.”[n] **13** Njengoba nje
kulotshiwe: “Ngangimthanda
uJakobe, kodwa u-Esawu yena
ngangimzonda.”[o]

**14** Pho sizothini? Ingabe ku-
khona ukungabi nabulungi-
sa kuNkulunkulu? Lutho neze![p]
**15** Ngoba uthi kuMose: “Ngi-

ISAHL. 8
*a* Joh 3:16; Rom 3:25; 1Jo 4:9
*b* Isay 50:8
*c* IzE 13:38, 39; Heb 10:16, 17
*d* Hu 110:1
*e* Heb 7:25; 1Jo 2:1
*f* Joh 15:10
*g* 2Ko 4:8, 9
*h* Hu 44:22
*i* Joh 16:33
*j* Efe 6:12

ISAHL. 9
*k* Eks 4:22

Uhla 2
*a* IzE 3:25; IzE 7:8
*b* Eks 24:12
*c* IzE 26:7; Heb 9:1
*d* Rom 4:13
*e* Dut 10:15
*f* Mat 1:17
*g* Rom 2:28; IsA 2:9
*h* Joh 8:39; Gal 3:29
*i* Gen 21:12; Heb 11:18
*j* Joh 1:12, 13
*k* Gal 4:28
*l* Gen 18:10, 14
*m* Gen 25:21, 24
*n* Gen 25:23
*o* Mal 1:2, 3; Heb 12:16
*p* Dut 32:4; Job 34:10

**9:7** *NgesiGreki, “bayimbewu.” #NgesiGreki, “imbewu.” **9:8** *NgesiGreki, “njengembewu.”

zobonisa isihe kunoma ubani
engizobonisa isihe kuye, futhi
ngizobonisa uzwela kunoma
ubani engizombonisa uzwela.”[a]
**16** Ngakho-ke, akuncikile esifi-
sweni somuntu noma emza-
mweni wakhe,* kodwa kuNku-
lunkulu, onesihe.[b] **17** Ngoba
umbhalo uthi kuFaro: “Ngenxa
yaso kanye lesi sizathu ngiku-
yekile ukuba uqhubeke ukho-
na: ukuze ngibonise amandla
ami ngawe nokuba ngenze iga-
ma lami limenyezelwe emhla-
beni wonke.”[c] **18** Ngakho-ke,
unesihe kunoba ubani atha-
nda ukuba nesihe kuye, kodwa
noma ubani athanda ukuba abe
isijaka uyamvumela.[d]

**19** Ngakho wena uzothi
kimi: “Kungani esathola iphu-
tha kubantu? Ukhona yini
ongamelana nentando yakhe?”
**20** Ungubani-ke wena muntu,
ukuba uphendulane noNkulu-
nkulu?[e] Into ebunjiwe iyasho
yini kulowo oyibumbile uku-
thi, “Ungenzeleni ngale ndle-
la?”[f] **21** Ini? Umbumbi akana-
lo yini igunya phezu kobumba[g]
ukuba enze esigaxeni esifana-
yo isitsha esisetshenziswa nge-
zikhathi ezikhethekile, nesi-
nye esisetshenziswa nsuku zo-
nke? **22** Bekuyoba njani uku-
be uNkulunkulu ubethanda
ukubonisa ulaka lwakhe no-
kwenza amandla akhe aziwe,
wazibekezelela ngesineke esi-
khulu izitsha zolaka ezifane-
lwe ukubhujiswa? **23** Ukube
lokhu kwakwenziwe ngenjongo
yokuba kwaziwe ingcebo ye-
nkazimulo yakhe ayibeke ezi-
tsheni zesihe,[h] azilungiselela
inkazimulo kusengaphambili,
**24** okuwukuthi, thina, angasi-
bizanga nje kumaJuda kuphe-
la kodwa nakwabezizwe,[i] beku-
yoba nani? **25** Kunjengoba
esho nakwekaHoseya: “Labo
abangebona abantu bami[a] ngi-
zobabiza ngokuthi ‘abantu
bami,’ nalowo owayengatha-
ndwa ngokuthi ‘othandekayo’;[b]
**26** nasendaweni lapho kwathi-
wa kubo, ‘Anibona abantu
bami,’ lapho bayobizwa ngoku-
thi ‘abantwana bakaNkulunku-
lu ophilayo.’ ”[c]

**27** Ngaphezu kwalokho,
u-Isaya wamemezela wathi ngo-
kuphathelene no-Israyeli: “Ngi-
sho noma isibalo sabantwa-
na bakwa-Israyeli singaba nga-
ngesihlabathi solwandle, aba-
sele kuphela abayosindiswa.[d]
**28** Ngoba uJehova* uyobenza
balandise abahlala emhlabeni,
akufeze ngokushesha# lokho.”[e]
**29** Njengoba nje u-Isaya abike-
zela: “Ukube uJehova* wama-
butho akasishiyelanga inzalo,#
besiyoba njengeSodoma, besi-
yofana neGomora.”[f]

**30** Sizothini-ke? Sizothi aba-
ntu bezizwe, nakuba babe-
ngakufunisisi ukulunga, ba-
kuthola ukulunga,[g] ukulunga
okuvela okholweni;[h] **31** ko-
dwa u-Israyeli, nakuba aye-
wufunisisa umthetho woku-
lunga, akawutholanga lowo
mthetho. **32** Ngasizathu sini?
Ngoba akawufunisisanga ngo-
kholo, kodwa njengokunga-
thi ngemisebenzi. Bakhube-
ka “etsheni lokukhubekisa”;[i]
**33** njengoba kulotshiwe: “Bhe-
ka! EZiyoni ngibeka itshe[j] loku-
khubekisa nedwala lokucasula,
kodwa lowo oba nokholo kulo
ngeke adumazeke.”[k]

**10** Bafowethu, engikufisayo
enhliziyweni yami nengi-
bacelela kona kuNkulunkulu,
ngempela, ukuba basindiswe.[l]

---

9:16 *NgesiGreki, “kulowo ofisayo noma kulowo ogijimayo.”

9:28, 29 *Bheka iSithasiselo A5. 9:28 #Noma, “ngaphandle kokulibala.” 9:29 #NgesiGreki, “imbewu.”

---

ISAHL. 9
a Eks 33:19
b Tit 3:4, 5
c Eks 9:16
d Eks 10:1; Eks 14:4
e Job 40:2
f Isay 29:16; Isay 45:9
g Isay 64:8; Jer 18:6
h 1Th 5:9
i Rom 11:13; Efe 3:6

Uhla 2
a Efe 2:12
b Hos 2:23; Mat 21:43; 1Pe 2:10
c Hos 1:10; Gal 3:26
d Hos 1:10; Rom 11:4, 5
e Isay 10:22, 23
f Isay 1:9
g Rom 10:20
h Rom 4:11; Flp 3:9
i Isay 8:14; Luk 20:17, 18; 1Ko 1:23
j Hu 118:22; Mat 21:42
k Isay 28:16; Rom 10:11; 1Pe 2:6

ISAHL. 10
l Rom 9:3, 4

**2** Ngoba ngiyabafakazela uku-
thi banentshiseko ngoNkulu-
nkulu, kodwa hhayi ngokolwa-
zi olunembile.[a] **3** Ngoba nge-
nxa yokungakwazi ukulunga
kukaNkulunkulu,[b] kodwa befu-
na ukumisa okwabo siqu,[c] aba-
zithobanga ekulungeni kuka-
Nkulunkulu.[d] **4** Ngoba uKri-
stu uyisiphetho soMthetho,[e]
ukuze wonke umuntu obonisa
ukholo abe nokulunga.[f]

**5** Ngoba uMose wabhala ma-
yelana nokulungile eMthethwe-
ni: "Umuntu owenza lezi zi-
nto uyophila ngazo."[g] **6** Ko-
dwa ukulunga okuvela okho-
lweni kuthi: "Ungasho enhli-
ziyweni yakho[h] ukuthi, 'Uba-
ni oyonyukela ezulwini?'[i] oku-
ngukuthi, ukuze ehlise uKristu,
**7** noma ukuthi, 'Ubani oyokwe-
hlela kwalasha?'[j] okungukuthi,
ukuze anyuse uKristu kwabafi-
le." **8** Kodwa umBhalo uthini?
Uthi, "Izwi liseduze kwakho, li-
semlonyeni wakho nasenhlizi-
yweni yakho";[k] okungukuthi,
"izwi" lokholo, esilishumayela-
yo. **9** Ngoba uma uvuma obala
ngomlomo wakho ukuthi uJesu
uyiNkosi,[l] futhi unokholo enhli-
ziyweni yakho ukuthi uNkulu-
nkulu wamvusa kwabafile, uyo-
sindiswa. **10** Ngoba ngenhlizi-
yo umuntu ubonisa ukholo
kube ukulunga, kodwa ngomlo-
mo umuntu uvuma obala[m] kube
insindiso.

**11** Ngoba umbhalo uthi:
"Akekho oba nokholo kuye oyo-
dumazeka."[n] **12** Ngoba awu-
kho umehluko phakathi komJu-
da nomGreki.[o] Kukhona iNko-
si efanayo phezu kwabo bonke,
ecebile* kubo bonke abayibiza-
yo. **13** Ngoba "wonke umuntu
obiza igama likaJehova* uyosi-
ndiswa."[a] **14** Nokho, bayombi-
za kanjani uma bengabanga no-
kholo kuye? Bayoba kanjani
nokholo kulowo abangezwanga
ngaye? Bayozwa kanjani kunge-
kho oshumayelayo? **15** Bayo-
shumayela kanjani uma benga-
thunywanga muntu?*[b] Njengo-
ba nje kulotshiwe ukuthi: "Ave
zizinhle izinyawo zalabo abame-
mezela izindaba ezinhle zezinto
ezinhle!"[c]

**16** Noma kunjalo, akubona
bonke abazilalela izindaba ezi-
nhle. Ngoba u-Isaya uthi: "Jeho-
va,* ubani obe nokholo entwe-
ni ayizwe ngathi?"#[d] **17** Nga-
kho ukholo lulandela into ezwi-
weyo.[e] Nento ezwiweyo iza
ngezwi eliphathelene noKristu.
**18** Kodwa ngiyabuza, Ingabe
lokhu kusho ukuthi abawu-
zwanga umyalezo? Lutho neze,
"izwi laphumela kuwo wonke
umhlaba, nomyalezo uphume-
le emikhawulweni yomhlaba."[f]
**19** Kodwa ngiyabuza, Ingabe
lokhu kusho ukuthi u-Israye-
li akazi?[g] Lutho neze, uyazi
ukuthi uMose uthi: "Ngizone-
nza nibe nesikhwele ngalokho
okungesona isizwe; ngizonivu-
sela intukuthelo evuthayo nge-
sizwe esiyisiwula."[h] **20** Kodwa
u-Isaya uba nesibindi esikhulu
athi: "Ngatholwa yilabo abanga-
zange bangifune;[i] ngaziwa yila-
bo ababengazange babuze nga-
mi."[j] **21** Kodwa ngokuqondene
no-Israyeli uthi: "Usuku lonke
ngelulele izandla zami esizweni
esingalaleli nesinenkani."[k]

**11** Ngakho ngiyabuza, uNku-
lunkulu akazange asilahle
isizwe sakhe, akunjalo?[l] Akuna-
kwenzeka lokho! Ngoba nami
ngingumIsrayeli, wenzalo* ka-

---

**10:12** *Noma, "ephanayo." **10:13, 16** *Bheka iSithasiselo A5.

**10:15** *Noma kungaba, "uma uNkulunkulu engabathumanga." **10:16** #Noma, "embikweni wethu." **11:1** *NgesiGreki, "wembewu."

---

ISAHL. 10
*a* IzE 21:20; Gal 1:14
*b* Rom 1:16, 17
*c* Luk 16:15; Flp 3:9
*d* Luk 7:29, 30
*e* Mat 5:17; Rom 7:6; Efe 2:15; Kol 2:13, 14
*f* Gal 3:24
*g* Lev 18:5; Gal 3:12
*h* Dut 9:4
*i* Dut 30:12
*j* Dut 30:13
*k* Dut 30:14
*l* IzE 16:31
*m* 1Ko 9:16; 2Ko 4:13; Heb 13:15
*n* Isay 28:16; Rom 9:33
*o* IzE 15:7-9; Gal 3:28

Uhla 2
*a* Jow 2:32; IzE 2:21
*b* Mat 28:19, 20
*c* Isay 52:7; Efe 6:14, 15
*d* Isay 53:1; Joh 12:37, 38
*e* Joh 4:42
*f* Hu 19:4; IzE 1:8
*g* Mat 10:5, 6; IzE 2:14
*h* Dut 32:21
*i* Rom 9:30
*j* Isay 65:1
*k* Isay 65:2

ISAHL. 11
*l* 1Sa 12:22; Jer 31:37

Abrahama, wesizwe sakwaBhe-
njamini. **2** UNkulunkulu akasi-
lahlanga isizwe sakhe,[a] asiqa-
phela kuqala. Anazi yini ukuthi
umbhalo uthini mayelana no-Eli-
ya, njengoba ekhononda kuNku-
lunkulu ngama-Israyeli? **3** "Je-
hova,* bababulele abaprofethi
bakho, bawambile ama-altare
akho, kusele mina ngedwa, ma-
nje sebefuna ukungibulala."[b]
**4** Nokho, lithini izwi laphe-
zulu kuye? "Ngisele namadoda
angu-7 000 angazange aguqe ku-
Bhali."[c] **5** Ngakho-ke ngendlela
efanayo, nangalesi sikhathi, ku-
nabasele[d] abakhethwe ngomusa
omkhulu. **6** Manje uma kungo-
musa omkhulu,[e] akusekho nge-
nxa yemisebenzi;[f] ngaphandle
kwalokho, umusa omkhulu nge-
ke usaba umusa omkhulu.

**7** Pho sizothini? Yona ka-
nye into u-Israyeli ayifuna ngo-
buqotho akayitholanga, kodwa
labo abakhethiwe bayithola.[g]
Bonke abanye banemizwa ebu-
thuntu,[h] **8** njengoba nje kulo-
tshiwe: "UNkulunkulu ubanike
umoya wobuthongo obukhulu,[i]
ubanike amehlo angaboni ne-
zindlebe ezingezwa, kuze kube
namuhla."[j] **9** UDavide uthi fu-
thi: "Itafula labo malibe ugibe
nesicupho nesikhubekiso ne-
mpindiselo kubo. **10** Amehlo
abo mawabe mnyama ukuze
bangaboni, umhlane wabo ugo-
be ngaso sonke isikhathi."[k]

**11** Ngakho ngiyabuza, Aba-
zange bakhubeke bawe ngoku-
phelele, akunjalo? Lutho neze!
Kodwa ngokona kwabo, kukho-
na insindiso kubantu bezizwe,
futhi lokhu kubenza babe nesi-
khwele.[l] **12** Manje uma ukona
kwabo kuba ingcebo ezweni,
nokuncipha kwabo kuba ingce-
bo kubantu bezizwe,[m] yeka
ukuthi ingcebo yabo iyoba nku-
lu kangakanani lapho isibalo
sabo sesigcwele!

**13** Manje ngikhuluma nani
nina bantu bezizwe. Njengo-
ba ngingumphostoli ezizweni,[a]
ngikhazimulisa inkonzo yami,[b]
**14** ukuze ngibone ukuthi ngi-
ngasenza yini ngandlela-thi-
le isizwe sakithi sibe nesikhwe-
le, ngisindise abathile kuso.
**15** Ngoba uma ukulahlwa kwa-
bo[c] kusho ukubuyisana ezwe-
ni, ukwamukelwa kwabo kuyo-
shoni uma kungasho ukuvuka
kwabafile? **16** Ngaphezu kwa-
lokho, uma ingxenye yenhlama
ebhekwa njengomnikelo wezi-
thelo zokuqala ingcwele; uma
impande ingcwele, aba njalo
namagatsha.

**17** Nokho, uma amanye ama-
gatsha ephulwa, futhi wena, na-
kuba ungumnqumo wasendle,
waxhunywa phakathi kwawo fu-
thi wazuza emanzini ezimpande
zomnqumo, **18** ungawabukeli
phansi* amagatsha. Nokho, uma
uwabukela phansi,#[d] khumbu-
la ukuthi awuyithwele impande,
kodwa yimpande ethwele wena.
**19** Uyobe sewuthi: "Kwaphulwa
amagatsha ukuze kuxhunywe
mina."[e] **20** Yiqiniso lelo! Nge-
nxa yokuntula kwawo ukholo,
aphulwa,[f] kodwa wena umi ngo-
kholo.[g] Ungaqhoshi, kunalokho
yesaba. **21** Ngoba uma uNku-
lunkulu engawayekanga ama-
gatsha emvelo, nawe ngeke
akuyeke. **22** Ngakho-ke, caba-
nga ngomusa kaNkulunkulu[h] ne-
sijeziso sakhe. Uletha isijezi-
so kulabo abawa,[i] kodwa kuwe
kukhona umusa kaNkulunku-
lu, uma kodwa uhlala emseni
wakhe; ngaphandle kwalokho,
nawe uyoqothulwa. **23** Nabo

**11:3** *Bheka iSithasiselo A5.

**11:18** *Noma, "ungawaqhosheli." #Noma, "uwaqhoshela."

**ISAHL. 11**
a Eks 19:5; Hu 94:14
b 1Kh 19:2, 14
c 1Kh 19:18
d Rom 9:27
e Efe 1:7; Efe 2:8
f Gal 2:15, 16
g Joh 1:11, 12
h 2Ko 3:14, 15
i Isay 29:10
j Dut 29:4
k Hu 69:22, 23
l Dut 32:21; Rom 10:19
m Rom 9:23, 24

**Uhla 2**
a IzE 9:15; Gal 1:15, 16; Efe 3:8
b IzE 28:30, 31; Kol 1:23; 2Ti 4:5
c Mat 21:43
d 1Ko 10:12
e IzE 15:14
f Mat 21:43
g Efe 2:8
h Rom 2:4
i Mat 23:38

futhi, uma bengaqhubeki noku-
bonisa ukuntula ukholo, bayo-
xhunywa,[a] ngoba uNkulunkulu
uyakwazi ukuphinde abaxhu-
me. **24** Ngoba uma wena wa-
nqunywa esihlahleni somnqumo
sasendle ngokwemvelo, waxhu-
nyelwa emnqumweni otshaliwe,
okuyinto ephambene nemvelo,
yeka ukuthi kuyoba lula kanga-
kanani-ke ukuba la magatsha
emvelo axhunywe abuyiselwe
esihlahleni sawo somnqumo!

**25** Ngoba angifuni ukuba ni-
ngayazi le mfihlo engcwele,[b]
bafowethu, ukuze ningacaba-
ngi ukuthi nihlakaniphile: Uku-
thi ingxenye ka-Israyeli iye
yaba nemizwa ebuthuntu kwa-
ze kwaba yilapho sekungene isi-
balo esigcwele sabantu bezi-
zwe, **26** futhi ngale ndlela wo-
nke u-Israyeli[c] uyosindiswa. Nje-
ngoba nje kulotshiwe: "Um-
khululi* uyovela eZiyoni,[d] asu-
se imikhuba yokungamhloniphi
uNkulunkulu kuJakobe. **27** Yi-
lesi isivumelwano sami nabo,[e]
lapho ngisusa izono zabo."[f]
**28** Yiqiniso, ngokuqondene ne-
zindaba ezinhle, bayizitha nge-
nxa yenu; kodwa ngokuqonde-
ne nokukhetha kukaNkulunku-
lu, bangabathandekayo ngenxa
yokhokho babo.[g] **29** Ngoba izi-
pho nokubiza kukaNkulunkulu
abathile akuzona izinto ayoziso-
la ngazo. **30** Ngoba njengoba
nje nanikade ningamlaleli uNku-
lunkulu[h] kodwa manje niboni-
swe isihe[i] ngenxa yokungalaleli
kwabo,[j] **31** kanjalo manje nala-
ba baye bangalalela, umphume-
la walokho kwaba ukuthi nibo-
niswe isihe, ukuze nabo ngo-
kwabo manje baboniswe isihe.
**32** Ngoba uNkulunkulu ubava-
lele bonke ndawonye ekungala-
lelini,[k] ukuze ababonise bonke
isihe.[l]

**11:26** *Noma, "Umsindisi."

**33** O ukujula kwengcebo no-
kuhlakanipha nolwazi lukaNku-
lunkulu! Yeka ukuthi aziphe-
nyeki kanjani izahlulelo zakhe
nokuthi azinakuthungathwa ka-
njani izindlela zakhe! **34** Ngo-
ba "ubani owaziyo umqondo ka-
Jehova,* noma ubani oye waba
umeluleki wakhe?"[a] **35** Noma,
"ubani oye wapha uNkulunku-
lu okuthile kuqala kwaze kwa-
dingeka ukuba abuyiselwe
kona?"[b] **36** Ngoba zonke izi-
nto zivela kuye, zikhona nga-
ye futhi zingezakhe. Inkazimu-
lo mayibe kuye kuze kube pha-
kade. Amen.

**12** Ngakho ngiyanincenga
bazalwane, ngozwela lu-
kaNkulunkulu, ukuba ninikele
imizimba yenu[c] ibe umhlatshe-
lo ophilayo, ongcwele,[d] owamu-
kelekayo kuNkulunkulu, inko-
nzo engcwele ngamandla enu
okucabanga.[e] **2** Yekani uku-
lolongwa* nifane nabantu ba-
leli zwe,# kodwa maniguqu-
lwe ngokushintsha ingqondo
yenu,[f] ukuze nizitholele ngo-
kwenu[g] okuyintando kaNkulu-
nkulu enhle neyamukelekayo
nephelele.

**3** Ngoba ngomusa omkhulu
enginikwe wona, ngitshela wo-
nke umuntu lapho phakathi
kwenu ukuba angazicabangi
emkhulu kunalokho okudinge-
ka akucabange,[h] kodwa aca-
bange ukuze abe nengqondo
ehluzekile, yilowo nalowo nje-
ngoba uNkulunkulu emnike*
isilinganiso esithile sokholo.[i]
**4** Ngoba njengoba nje sina-
malunga amaningi emzimbe-
ni owodwa,[j] kodwa wonke la
malunga engenawo umsebenzi
ofanayo, **5** kanjalo nathi, na-

**11:34** *Bheka iSithasiselo A5. **12:2** *Noma, "ukubunjwa." #Noma, "bale nkathi." Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **12:3** *Noma, "emabele."

ISAHL. 11
*a* IzE 2:38
*b* Efe 3:5, 6
*c* Rom 2:29; Rom 9:6; Gal 3:29
*d* Hu 14:7
*e* Isay 59:20, 21
*f* Isay 27:9
*g* Dut 10:15
*h* Efe 2:1, 2
*i* IzE 15:7-9
*j* IzE 7:51
*k* Rom 3:9
*l* 1Ti 2:3, 4

Uhla 2
*a* Isay 40:13; Dan 4:35
*b* Job 41:11

ISAHL. 12
*c* Rom 6:13
*d* 2Ko 7:1; 1Pe 1:15
*e* 2Ti 1:7
*f* Efe 4:23, 24
*g* 1Ti 4:15
*h* IzA 16:18; Gal 6:3; 1Pe 5:5
*i* Efe 2:8
*j* 1Ko 12:12

kuba sibaningi, singumzimba
owodwa, simunye noKristu,
kodwa ngabanye singamalu-
ngu elinye nelinye.[a] **6** Sinezi-
pho ezihlukahlukene ngokomu-
sa omkhulu esiwunikiwe,[b] uma
kuwukuprofetha, masiprofethe
ngesilinganiso sokholo lwethu;
**7** noma uma kuyinkonzo, ma-
sibe kule nkonzo; lowo ofu-
ndisayo, makabe sekufundise-
ni kwakhe;[c] **8** lowo okhutha-
zayo,* makakhuthaze;#[d] owa-
bayo,△ makakwenze ngesandla
esivulekile;[e] oholayo,⊠ maka-
kwenze ngenkuthalo;□[f] oboni-
sa isihe, makakwenze ngenja-
bulo.[g]

**9** Uthando lwenu malunga-
bi nabuzenzisi.[h] Zondani oku-
bi;[i] bambelelani kokuhle.
**10** Othandweni lobuzalwane
thandanani omunye nomunye.
Ekubonisaneni udumo nihole.*[j]
**11** Khuthalani,* ningavila-
phi.#[k] Vuthani emoyeni.[l] Yibani
izigqila zikaJehova.△[m] **12** Ja-
bulani ethembeni. Khuthazela-
ni osizini.[n] Phikelelani emtha-
ndazweni.[o] **13** Hlanganyelani
izinto nabangcwele ngokwezi-
dingo zabo.[p] Funani amathu-
ba okwamukela abanye ngo-
musa.*[q] **14** Qhubekani nibu-
sisa labo abashushisayo;[r] busi-
sani ningaqalekisi.[s] **15** Jabu-
lani nabajabulayo; khalani na-
bakhalayo. **16** Bhekani aba-
nye ngendlela nani enizibheka
ngayo; ninganaki izinto ezipha-
keme, kodwa landelani izinto
eziphansi.[t] Ningabi abahlakani-
phile emehlweni enu.[u]

**12:8** *Noma, "oyalayo." #Noma, "makayale." △Noma, "onikelayo." ⊠Noma, "owengamelayo." □Noma, "ngobuqotho." **12:10** *Noma, "nithathe isinyathelo kuqala." **12:11** *Noma, "Shisekani." #Noma, "Ningavilaphi emsebenzini wenu." **12:11, 19** △Bheka iSithasiselo A5. **12:13** *Noma, "okungenisa izihambi."

**ISAHL. 12**
*a* 1Ko 12:25
*b* Efe 3:7
*c* 1Ti 5:17; 1Pe 4:10, 11
*d* 2Ti 4:2
*e* Dut 15:11; 2Ko 8:2
*f* 1Th 5:12; 1Pe 5:2
*g* Efe 4:32
*h* 1Ti 1:5; Jak 3:17; 1Pe 1:22
*i* Hu 97:10; IzA 8:13
*j* Flp 2:3
*k* IzA 13:4
*l* IzE 18:24, 25
*m* Rom 6:22
*n* IzE 14:22
*o* Flp 4:6; 1Th 5:17
*p* IzA 3:27; 1Jo 3:17
*q* 1Pe 4:9; 3Jo 8
*r* Mat 5:44; Luk 6:27, 28
*s* Jak 3:9, 10
*t* Luk 14:10; Luk 22:24-26; Joh 13:14; Flp 2:3
*u* Job 37:24; IzA 3:7

**Uhla 2**
*a* 1Th 5:15; 1Pe 2:23; 1Pe 3:9
*b* 2Ti 2:24; Heb 12:14; Jak 3:18
*c* Lev 19:18; Mat 5:39
*d* Dut 32:35; Heb 10:30
*e* IzA 25:21, 22
*f* Eks 23:4; Mat 5:44; Luk 6:27

**ISAHL. 13**
*g* Tit 3:1; 1Pe 2:13, 14
*h* Joh 19:10, 11
*i* IzE 17:26
*j* 1Pe 2:13, 14
*k* 1Pe 3:13

**17** Ningabuyiseli muntu oku-
bi ngokubi.[a] Cabangani ngoku-
thi yini enhle emehlweni abo
bonke abantu. **18** Uma kunge-
nzeka, ngokusemandleni enu,
yibani nokuthula nabo bonke
abantu.[b] **19** Ningaziphindise-
leli bathandekayo, kodwa qhe-
lelani ulaka;*[c] ngoba kulotshi-
we ukuthi: "'Impindiselo inge-
yami; ngizobuyisela mina,' ku-
sho uJehova."△[d] **20** Kodwa
"uma isitha sakho silambile, si-
phe ukudla; uma somile, sinike
okokuphuza; ngoba ngokwenza
kanjalo uyonqwabelanisa ama-
lahle avuthayo ekhanda laso."*[e]
**21** Ungazivumeli ukuba unqo-
tshwe okubi, kodwa qhubeka
unqoba okubi ngokuhle.[f]

**13** Wonke umuntu makazi-
thobe emagunyeni apha-
keme,[g] ngoba alikho igunya eli-
ngaveli kuNkulunkulu;[h] amagu-
nya akhona ami ezikhundleni
zawo ezilinganiselwe evunye-
lwe uNkulunkulu.[i] **2** Ngakho
noma ubani ophikisa igunya
umelene nohlelo lukaNkulunku-
lu; labo abamelana nalo bayo-
thola isahlulelo. **3** Ngoba labo
babusi bayinto yokwesatshwa,
abesatshwa yilabo abenza oku-
hle, kodwa besatshwa yilabo
abenza okubi.[j] Ingabe uyafuna
ukungalesabi igunya?[k] Qhube-
ka wenza okuhle, uyoba nodu-
mo oluvela kulo; **4** ngoba liyi-
sikhonzi sikaNkulunkulu kuwe
ukuze uzuze. Kodwa uma we-
nza okubi, yesaba, ngoba ali-
yiphathele ize inkemba. Liyisi-
khonzi sikaNkulunkulu, umphi-
ndiseli oletha isijeziso* kulowo
owenza okubi.

**5** Ngakho kunesidingo soku-
ba nizithobe, hhayi nje ngenxa

**12:19** *Okuwukuthi, ulaka lukaNkulunkulu. **12:20** *Okuwukuthi, ukuze uthambise umuntu, udambise ukuba lukhuni kwakhe. **13:4** *Noma, "obonisa ulaka."

yalolo laka kodwa nangenxa ka-
nembeza wenu.[a] **6** Yingakho
futhi nikhokha izintela; ngoba
ayizinceku zikaNkulunkulu zom-
phakathi ezihlale zikhonza ngo-
kuvumelana nale njongo. **7** Ni-
kani bonke lokho okubafane-
le: lowo ofuna intela, intela;[b]
lowo ofuna inkokhiso, inkokhi-
so; lowo ofuna ukwesatshwa,
ukwesaba okunjalo;[c] lowo ofuna
udumo, udumo olunjalo.[d]

**8** Makungabi bikho noyedwa
enimkweleta okuthile, nga-
phandle kokuthandana;[e] ngo-
ba noma ubani othanda omu-
nye umuntu uwugcwalisile um-
thetho.[f] **9** Ngoba umthetho
uthi, "Ungaphingi,[g] ungabulali,[h]
ungebi,[i] ungahahi,"[j] nanoma yi-
muphi omunye umyalo okho-
na, uhlanganiswe kula mazwi
athi, "Kumele uthande umakhe-
lwane wakho njengoba uzitha-
nda wena."[k] **10** Uthando alwe-
nzi okubi kumakhelwane womu-
ntu;[l] ngakho, uthando luwuku-
gcwaliswa komthetho.[m]

**11** Yenzani lokhu, ngoba
niyayazi inkathi, ukuthi kaka-
de sekuyihora lokuba nipha-
phame ebuthongweni,[n] ngo-
ba manje insindiso yethu isi-
seduze kakhulu kunangesikha-
thi siba amakholwa. **12** Ubu-
suku sebuqhubeke kakhulu;
imini isisondele. Ngakho masi-
lahle imisebenzi yobumnyama[o]
sigqoke izikhali zokukhanya.[p]
**13** Masiphile ukuphila okufa-
nele[q] njengokungathi kusemi-
ni, ukuphila okungenayo imi-
cimbi* exokozelayo nokuda-
kwa, okungenakho ukuzipha-
tha kabi ngokocansi nokuzi-
phatha kabi okuhambisana ne-
ndelelo,#[r] okungenakho ukuxa-
bana nomhawu.[a] **14** Kodwa li-
ngisani* iNkosi uJesu Kristu,[b]
ningazihleleli kusengaphambili
izifiso zenyama.[c]

**14** Mamukeleni umuntu ono-
buthakathaka okholweni
lwakhe,[d] kodwa ningamahluleli
umuntu ngenxa yemibono enga-
fani.* **2** Omunye umuntu uno-
kholo lokuthi angadla zonke izi-
nto, kodwa umuntu obuthaka-
thaka udla imifino kuphela.
**3** Odlayo makangambukeli pha-
nsi ongadli, nongadli makanga-
mahluleli odlayo,[e] ngoba uNku-
lunkulu umamukele. **4** Ungu-
bani wena ukuba wahlulele
inceku yomunye?[f] Yinkosi yayo
enqumayo ukuthi iyama noma
iyawa.[g] Impela iyomiswa, ngoba
uJehova* angayimisa.

**5** Omunye umuntu ubheka
olunye usuku njengolubaluleke
kakhulu kunezinye;[h] kuyilapho
omunye ebona zonke izinsuku
zifana;[i] yilowo nalowo makaqi-
niseke ngokugcwele engqo-
ndweni yakhe. **6** Lowo ogci-
na usuku ulugcinela uJeho-
va.* Nalowo odlayo, udlela uJe-
hova,* ngoba ubonga uNkulu-
nkulu;[j] nalowo ongadli akadleli
uJehova,* nokho ubonga uNku-
lunkulu.[k] **7** Eqinisweni, ake-
kho noyedwa kithi oziphile-
la yena kuphela,[l] futhi akekho
ozifela yena kuphela. **8** Ngo-
ba uma siphila, siphilela uJe-
hova,*[m] futhi uma sifa, sife-
la uJehova.* Ngakho kokubili
uma siphila noma sifa, singaba-
kaJehova.*[n] **9** Ngoba uKristu
wafa wabuye waphila ngenxa
yale njongo, ukuze abe iNkosi
phezu kwabafile nabaphilayo.[o]

**10** Kodwa kungani wahlule-
la umfowenu?[p] Noma kungani

---

**13:13** *Noma, "amaphathi." #Noma, "nezenzo zokuziphatha okuyichilo." Inkulumo esebuningini yegama lesiGreki elithi *a·selʹgei·a.* Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**13:14** *NgesiGreki, "gqokani." **14:1** *Noma kungaba, "yemibuzo yangaphakathi." **14:4, 6, 8** *Bheka iSithasiselo A5.

**ISAHL. 13**
- a 1Pe 2:19; 1Pe 3:16
- b Mat 22:21; Mar 12:17; Luk 20:25
- c IzA 24:21
- d 1Pe 2:13, 17
- e Kol 3:14; 1Ti 1:5; 1Jo 4:11
- f Gal 5:14; Jak 2:8
- g Eks 20:14; Mat 5:27, 28; 1Ko 6:9, 10
- h Gen 9:6; Dut 5:17
- i Eks 20:15
- j Eks 20:17
- k Lev 19:18; Mat 22:39
- l Luk 6:31; 2Ti 2:24
- m Mat 22:37-40
- n Luk 21:36; 1Th 5:6
- o Efe 5:10, 11
- p 2Ko 6:4, 7; Efe 6:11; 1Th 5:8
- q 1Pe 2:12
- r Efe 4:19; 1Pe 4:3

**Uhla 2**
- a 2Ko 12:20
- b 1Ko 11:1; Gal 3:27; Efe 4:24
- c Gal 5:16

**ISAHL. 14**
- d Rom 15:1; 1Th 5:14
- e Kol 2:16
- f Mat 7:1; Jak 4:12
- g 1Ko 4:4
- h Gal 4:10
- i Kol 2:16
- j 1Ti 4:4
- k 1Ko 10:31
- l 1Ko 6:19, 20
- m Hu 146:2; 1Pe 4:1, 2
- n 1Th 4:14
- o 1Th 5:10; IsA 1:17, 18
- p Luk 6:37; Rom 14:4

futhi umbukela phansi umfo-
wenu? Ngoba sonke siyokuma
phambi kwesihlalo sokwahlule-
la sikaNkulunkulu.[a] **11** Ngoba
kulotshiwe: "'Ngiyafunga,'[b] ku-
sho uJehova,* 'wonke amado-
lo ayoguqa kimi, wonke umu-
ntu uyovuma obala kuNkulu-
nkulu.'"[c] **12** Ngakho, ngamu-
nye wethu uyozilandisela ku-
Nkulunkulu.[d]

**13** Ngakho masingabe sisa-
hlulelana,[e] kunalokho, zimi-
seleni ukuba ningabeki isi-
khubekiso phambi komfowenu
noma into engamphazamisa.[f]
**14** Ngiyazi futhi ngiyaqinise-
ka eNkosini uJesu ukuthi aku-
kho lutho olungcolile ngokwa-
lo;[g] kulapho kuphela umuntu
ebheka okuthile njengokungco-
lile lapho kuba okungcolile kho-
na kuye. **15** Ngoba uma umfo-
wenu ephatheka kabi ngenxa
yokudla okudlayo, awusaha-
mbi ngokuvumelana nothando.[h]
Ungalulimazi* ukholo lwalo-
wo uKristu amfela ngokudla
kwakho.[i] **16** Ngakho ningavu-
meli ukuba okuhle enikwenza-
yo kukhulunywe ngakho nje-
ngento embi. **17** Ngoba uMbu-
so kaNkulunkulu awusho uku-
dla nokuphuza,[j] kodwa usho
ukulunga nokuthula nenjabulo
okuhambisana nomoya ongcwe-
le. **18** Ngoba noma ubani oba
yisigqila sikaKristu ngale ndlela
uyamukeleka kuNkulunkulu na-
kubantu.

**19** Ngakho-ke masilwele
ukwenza izinto ezibangela uku-
thula[k] nezakhayo komunye no-
munye.[l] **20** Yekani ukubhidliza
umsebenzi kaNkulunkulu nge-
nxa nje yokudla.[m] Yiqiniso, zo-
nke izinto zihlanzekile, ko-
dwa akukuhle ukudla okuthi-
le uma lokho okudlayo ku-
zophazamisa ukholo lomunye
umuntu.*[a] **21** Kuhle ukungayi-
dli inyama noma ukungaliphu-
zi iwayini noma ukungenzi
noma yini umfowenu akhubeka
ngayo.[b] **22** Ukholo onalo, lwe-
nze lube yinto ephakathi kwa-
kho noNkulunkulu. Uyajabula
umuntu ongazahluleli ngalo-
kho akwamukelayo. **23** Kodwa
uma engabaza, uselahliwe kaka-
de uma edla, ngoba akadli ngo-
kholo. Ngempela, konke oku-
ngaveli okholweni kuyisono.

# 15
Nokho, thina esiqinile ku-
fanele sithwale ubuthaka-
thaka balabo abangaqinile,[c] si-
ngazijabulisi thina.[d] **2** Ngamu-
nye wethu makajabulise uma-
khelwane wakhe ukuze ama-
khe.[e] **3** Ngoba ngisho noKri-
stu akazijabulisanga yena,[f] ko-
dwa njengoba nje kulotshi-
we: "Isihlamba sabakuhlamba-
lazayo sehlele phezu kwami."[g]
**4** Ngoba zonke izinto ezalo-
tshwa kusengaphambili zalo-
tshelwa ukuba kufundiswe thi-
na,[h] ukuze kuthi ngokukhu-
thazela kwethu[i] nangendudu-
zo evela emiBhalweni sibe ne-
themba.[j] **5** Kwangathi uNkulu-
nkulu osisiza ukuba sikhutha-
zele nosinika induduzo angani-
siza nicabange ngendlela uKri-
stu Jesu ayecabanga ngayo,
**6** ukuze nikhazimulise uNkulu-
nkulu noYise weNkosi yethu
uJesu Kristu ngobunye[k] nange-
zwi* elilodwa.

**7** Ngakho yamukelanani,[l]
njengoba nje noKristu anamu-
kela,[m] ukuze kukhazinyuliswe
uNkulunkulu. **8** Ngoba ngiya-
nitshela ukuthi uKristu waba
isikhonzi salabo abasokile[n]

---

**14:11** *Bheka iSithasiselo A5. **14:15** *Noma, "Ungalubhidlizi."

**14:20** *Noma, "uma kuzobangela ukukhubeka." **15:6** *NgesiGreki, "nangomlomo."

---

ISAHL. 14

*a* IzE 10:42; 2Ko 5:10
*b* Isay 49:18
*c* Isay 45:23
*d* Shu 12:14; Mat 12:36; 2Ko 5:10
*e* Mat 7:1
*f* Mat 18:6; 1Ko 8:9; 1Ko 10:32
*g* Mat 15:11; IzE 10:15; 1Ti 4:4
*h* Efe 5:2
*i* 1Ko 8:10, 11
*j* 1Ko 8:8
*k* Mat 5:9; Rom 12:18
*l* 1Ko 14:12; Heb 10:24
*m* Rom 14:3; 1Ko 8:11

Uhla 2

*a* 1Ko 8:9
*b* Rom 14:13; 1Ko 8:13; 1Ko 10:24

ISAHL. 15

*c* Rom 14:1; 1Th 5:14
*d* 1Ko 10:24
*e* 1Ko 9:22; Flp 2:4
*f* Mar 10:45; Joh 5:30
*g* Hu 69:9
*h* 1Ko 10:11; 2Ti 3:16, 17; 2Pe 1:19
*i* Rom 5:3, 4
*j* Hu 119:49, 50; Heb 3:6; 1Pe 1:10
*k* 1Ko 1:10; 2Ko 13:11; Flp 2:2; 1Pe 3:8
*l* Flm 10, 17
*m* Joh 6:37
*n* Mat 15:24; Joh 1:11

ngenxa yokuba neqiniso kuka-
Nkulunkulu, ukuze aqiniseki-
se izithembiso azenza kokho-
kho babo,[a] **9** ukuze futhi izi-
zwe zikhazimulise uNkulunku-
lu ngesihe sakhe.[b] Njengoba
nje kulotshiwe: “Yingakho ngi-
zokuvuma obala phakathi kwe-
zizwe, ngizolihubela igama la-
kho.”[c] **10** Ubuye athi: “Thoko-
zani nina zizwe kanye ne-
sizwe sakhe.”[d] **11** Abuye athi
futhi: “Dumisani uJehova,* no-
nke nina zizwe, bonke aba-
ntu mabamdumise.”[e] **12** Futhi
u-Isaya uthi: “Kuyoba khona
impande kaJese,[f] lowo ovela-
yo ukuze abuse izizwe;[g] izi-
zwe ziyobeka ithemba lazo
kuye.”[h] **13** Kwangathi uNkulu-
nkulu osinika ithemba ange-
nza ukuba izinhliziyo zenu zi-
gcwale injabulo enkulu noku-
thula ngenxa yokuthi nethe-
mbele kuye, ukuze nichichi-
me ithemba ngamandla omoya
ongcwele.[i]

**14** Manje bazalwane, nami
ngokwami ngiyaqiniseka ngo-
kuthi nani ngokwenu nigcwele
ubuhle, nigcwele lonke ulwazi,
nangokuthi niyakwazi ukuyala-
na.* **15** Nokho, amanye ama-
phuzu ngiye nganibhalela wona
ngokucacile, ukuze ngiphinde
nginikhumbuze, ngenxa yomu-
sa omkhulu engiwunikwe uNku-
lunkulu **16** ukuze ngibe ince-
ku kaKristu Jesu yomphaka-
thi ekhonza ezizweni.[j] Ngenza
umsebenzi ongcwele wezindaba
ezinhle zikaNkulunkulu,[k] ukuze
lezi zizwe zibe umnikelo owa-
mukelekayo, ongcweliswe ngo-
moya ongcwele.

**17** Ngakho nginesizathu so-
kujabula kuKristu Jesu ezi-
ntweni eziphathelene noNku-
lunkulu. **18** Ngoba ngeke ngi-

**15:11** *Bheka iSithasiselo A5. **15:14** *Noma, “ukufundisana.”

khulume nangento eyodwa,
ngizokhuluma kuphela nge-
zinto uKristu azenza ngami
ukuze izizwe zilalele, ngezwi
nangesenzo sami, **19** ngama-
ndla ezibonakaliso nezimanga-
liso,[a] ngamandla omoya ka-
Nkulunkulu, kangangokuthi
kusukela eJerusalema kuze ku-
fike e-Iliriku ngizishumaye-
le ngokuphelele izindaba ezi-
nhle ngoKristu.[b] **20** Ngempe-
la, ngale ndlela ngakwenza
umgomo wami ukuba ngingazi-
memezeli izindaba ezinhle la-
pho selaziwa khona kakade iga-
ma likaKristu, ukuze nginga-
kheli phezu kwesisekelo somu-
nye umuntu; **21** kodwa nje-
ngoba nje kulotshiwe: “Labo
abangaziswanga ngaye bayobo-
na, nalabo abangezwanga ba-
yoqonda.”[c]

**22** Yingakho ngaphazamise-
ka kaningi ukuza kini. **23** Ko-
dwa manje ayikho indawo engi-
ngakashumayeli kuyo kulezi zi-
funda, futhi sekuyiminyaka
eminingi* ngilangazelela uku-
za kini. **24** Ngakho, lapho ngi-
ya eSpaniya, nginethemba lo-
kuthi ngizonibona futhi ningi-
phelezele kancane ngemva ko-
kuba sengihlale nani isikhasha-
na. **25** Kodwa manje sengi-
zoya eJerusalema ngiyokho-
nza abangcwele.[d] **26** Ngoba
abaseMakedoniya nase-Akha-
ya bakujabulele ukunikela
ngezinto zabo kwabahlupheka-
yo abaphakathi kwabangcwe-
le eJerusalema.[e] **27** Yiqiniso,
bakujabulele ukwenza kanja-
lo, kodwa empeleni babeba-
kweleta; ngoba uma izizwe zi-
hlanganyele nabo izinto zabo
ezivela kuNkulunkulu, nazo
zikweleta ukubakhonza oba-
la ngezinto zokunakekela izi-
dingo zabo zansuku zonke.[f]

**15:23** *Noma kungaba, “ethile.”

ISAHL. 15
a Gen 22:16-18
Hu 89:3
b Rom 9:23, 24
c 2Sa 22:50
Hu 18:49
d Dut 32:43
e Hu 117:1
f IsA 5:5
g Gen 49:10
h Isay 11:1, 10
Mat 12:21
i Isay 40:31
j Rom 11:13
Gal 2:7, 8
k IzE 20:24

Uhla 2
a IzE 15:12
2Ko 12:12
b IzE 21:18, 19
c Isay 52:15
d IzE 19:21
IzE 20:22
e 1Ko 16:1
2Ko 8:1-4
2Ko 9:2, 12
f Gal 6:6
Heb 13:16

**28** Ngakho ngemva kokuba se-
ngiqedile ngalokhu futhi se-
ngiwulethile kubo lo mnikelo,*
ngizoya eSpaniya ngidlule nga-
kini. **29** Ngaphezu kwalokho,
ngiyazi ukuthi lapho ngiza kini,
ngizoza nesilinganiso esigcwe-
le sesibusiso esivela kuKri-
stu.

**30** Manje ngiyanincenga ba-
zalwane, ngeNkosi yethu
uJesu Kristu nangomoya ose-
nza sithandane, ukuba nizikha-
ndle kanye nami emithanda-
zweni eya kuNkulunkulu nge-
nxa yami,[a] **31** ukuba ngisi-
ndiswe[b] kwabangewona ama-
kholwa eJudiya nokuba inko-
nzo yami engiyenzela iJeru-
salema ibe ngeyamukeleka-
yo kwabangcwele,[c] **32** ukuze
ngifike kini ngentando kaNku-
lunkulu ngijabula, sikhuthaza-
ne. **33** Kwangathi uNkulunku-
lu onika ukuthula angaba nani
nonke.[d] Amen.

**16** Ngethula* uFibhi kini,
udadewethu, oyisikho-
nzi sebandla eliseKenikreya,[e]
**2** ukuze nimamukele eNkosini
ngendlela efanele abangcwele,
nokuba nimsize nganoma yini
ayidingayo,[f] ngoba waba umvi-
keli wabaningi, kuhlanganise
nami.

**3** Ngikhonzeleni kuPriska
no-Akhwila,[g] izisebenzi ezi-
kanye nami kuKristu Jesu,
**4** abaye bafaka ukuphila kwa-
bo engozini ngenxa yami,*[h]
nengibabongayo, kungemina
kuphela kodwa nawo wonke
amabandla ezizwe. **5** Nikho-
nze nasebandleni elihlanga-
na endlini yabo.[i] Khonzani ku-
Ephenetu wami othandekayo,
ophakathi kwabokuqala ababa
abalandeli bakaKristu e-Asiya.
**6** Khonzani kuMariya, osebe-
nze kanzima ngenxa yenu.
**7** Khonzani ku-Anidroniku no-
Juniya, izihlobo zami[a] nezibo-
shwa ezaziboshwe kanye nami,
abangamadoda aziwayo phaka-
thi kwabaphostoli futhi abaye
baba nobunye noKristu isikha-
thi eside kunami.

**8** Ngikhonzeleni ku-Ampili-
yatu, othandekayo wami eNko-
sini. **9** Khonzani ku-Urbhanu,
isisebenzi esikanye nathi kuKri-
stu, nakuStaku wami othande-
kayo. **10** Khonzani ku-Aphele,
owamukelekayo kuKristu. Kho-
nzani kulabo abasendlini ka-
Arisitobulu. **11** Khonzani ku-
Herodiyone isihlobo sami. Kho-
nzani kulabo abasendlini kaNa-
rkisu abaseNkosini. **12** Kho-
nzani kuTrifina noTrifosa, abe-
sifazane abasebenza kanzima
eNkosini. Khonzani kuPersi-
si, othandekayo wethu, ngo-
ba uye wasebenza kanzima
eNkosini. **13** Khonzani kuRu-
fu, lowo okhethwe iNkosi, na-
kumama wakhe ongumama na-
kimi. **14** Khonzani ku-Asinki-
ritu, kuFilegu, kuHerme, ku-
Phatroba, kuHerma, nakubaza-
lwane abanabo. **15** Khonzani
kuFilologu noJuliya, kuNerewu
nodadewabo, naku-Olimpa, na-
kubo bonke abangcwele abana-
bo. **16** Bingelelanani ngokuqa-
bulana okungcwele.* Wonke
amabandla kaKristu ayakhonza
kini.

**17** Manje ngiyanincenga ba-
zalwane, ukuba niqaphele labo
ababangela ukuhlukana na-
babangela ukukhubeka, oku-
yinto ephambene nemfundi-
so eniyifundile, nibagweme.[b]
**18** Ngoba amadoda alolo hlo-
bo ayizigqila, hhayi zeNkosi

---

**15:28** *NgesiGreki, "lesi sithelo." **16:1** *Noma, "Ngitusa." **16:4** *Noma, "yomphefumulo wami."

**16:16** *AmaKristu ayevame ukubingelelana ngokuqabulana lapho ehlangana.

---

**ISAHL. 15**
a 2Ko 1:11; Efe 6:18; Kol 4:3; 1Th 5:25
b 2Th 3:1, 2
c Rom 15:26
d 1Ko 14:33; Flp 4:9

**ISAHL. 16**
e IzE 18:18
f Rom 12:13; 1Jo 3:17
g IzE 18:2; IzE 18:24, 26; 2Ti 4:19
h 1Jo 3:16
i 1Ko 16:19; Kol 4:15; Flm 2

**Uhla 2**
a Rom 16:11
b Mat 7:15; Tit 3:10; 2Jo 10

yethu uKristu, kodwa zezifi-
so* zawo, futhi ngenkulumo
ebushelelezi nangenkulumo yo-
kuthopha ayenga izinhliziyo za-
labo abanganakile. **19** Ukula-
lela kwenu sekubonwa yibo bo-
nke abantu, ngakho ngiyajabu-
la ngani. Kodwa ngifuna ni-
hlakaniphe ngokuqondene no-
kuhle, kodwa nibe msulwa ngo-
kuqondene nokubi.[a] **20** UNku-
lunkulu onika ukuthula, yena
uzomchoboza ngokushesha
uSathane[b] ngaphansi kwezinya-
wo zenu. Kwangathi umusa om-
khulu weNkosi yethu uJesu
ungaba nani.

**21** UThimothewu, isisebenzi
esikanye nami uyakhonza kini,
kanjalo noLukiyu noJasoni no-
Sosiphatru, izihlobo zami.[c]

**22** Mina Tertiyu, obhale le
ncwadi, ngiyakhonza kini
eNkosini.

**23** UGayu,[d] owamukele mina
nalo lonke ibandla emzini wa-
khe, uyakhonza kini. U-Era-
stu umphathi-zimali* wedolo-
bha uyakhonza kini, kanjalo no-
Kwartu umfowabo. **24** *—

**25** Makadunyiswe uNkulu-
nkulu okwazi ukuniqinisa ngo-
kuvumelana nezindaba ezinhle
engizimemezelayo nokushuma-
yela ngoJesu Kristu, ngokokwa-
mbulwa kwemfihlo engcwele[a]
ebigciniwe kungakhulunywa lu-
tho ngayo isikhathi eside kakhu-
lu **26** kodwa manje esibona-
kalisiwe,* futhi manje esiyenzi-
we yaziwa ngemiBhalo eyisi-
profetho phakathi kwazo zo-
nke izizwe ngokuvumelana no-
myalo kaNkulunkulu ophaka-
de wokuba kukhuthazwe ukula-
lela ngokholo; **27** kuNkulunku-
lu, okunguye yedwa ohlakani-
phile,[b] makube inkazimulo ngo-
Jesu Kristu, kuze kube phaka-
de. Amen.

**16:18** *Noma, "zezisu."

**16:23** *Noma, "umphathi." **16:24** *Bheka iSithasiselo A3. **16:26** *Noma, "esimbuliwe."

ISAHL. 16
*a* 1Ko 14:20
*b* Gen 3:15; Heb 2:14
*c* Rom 16:7
*d* 1Ko 1:14

Uhla 2
*a* Efe 1:9-12; Kol 1:26, 27
*b* Rom 11:33

EYOKUQALA KWABASE-

# KORINTE

## UHLU LOKUPHAKATHI

1 Imikhonzo (1-3)
UPawulu ubonga uNkulunkulu ngabaseKorinte (4-9)
Isikhuthazo sokuba babe munye (10-17)
UKristu, amandla nokuhlakanipha kukaNkulunkulu (18-25)
Ukuziqhayisa ngoJehova kuphela (26-31)

2 Ukushumayela kukaPawulu eKorinte (1-5)
Ukuphakama kokuhlakanipha kukaNkulunkulu (6-10)
Umuntu oqondiswa umoya uqhathaniswa nomuntu wenyama (11-16)

3 AbaseKorinte basalandela izifiso zenyama (1-4)
UNkulunkulu uyakhulisa (5-9)
Izisebenzi ezikanye noNkulunkulu (9)
Yakhani ngezinto ezingashi (10-15)
Niyithempeli likaNkulunkulu (16, 17)
Ukuhlakanipha kwezwe kuwubuwula kuNkulunkulu (18-23)

4 Abaphathi kufanele bathembeke (1-5)
Ukuthobeka kwezikhonzi ezingamaKristu (6-13)
"Ungeqeli ngale kwezinto ezilotshiwe" (6)

AmaKristu awumbukwane wasenkundleni yemidlalo (9)
UPawulu unakekela izingane zakhe ezingokomoya (14-21)

5 Icala lokuziphatha kabi ngokocansi (1-5)
Imvubelo encane iyibilisa yonke inhlama (6-8)
Umuntu omubi kumele asuswe (9-13)

6 Ukumangalelana phakathi kwabazalwane abangamaKristu (1-8)
Labo abangeke balizuze ifa loMbuso (9-11)
Khazimulisani uNkulunkulu emzimbeni wenu (12-20)
"Balekelani ukuziphatha kabi ngokocansi!" (18)

7 Iseluleko sabangashadile nabashadile (1-16)
Qhubekani nisesimweni enabizwa nikuso (17-24)
Abangashadile nabafelokazi (25-40)
Izinzuzo zokuba ongashadile (32-35)
Shada "kuphela eNkosini" (39)

8 Ngokuphathelene nokudla okunikelwe ezithixweni (1-13)
Kithi kukhona uNkulunkulu oyedwa (5, 6)

9 Isibonelo sikaPawulu njengomphostoli (1-27)
"Ungayivali umlomo ngesifonyo inkabi" (9)
'Maye kimi uma ngingashumayeli!' (16)
Ukuba yizinto zonke kubo bonke abantu (19-23)
Ukuzithiba emncintiswaneni wokuphila (24-27)

10 Izibonelo eziyisixwayiso emlandweni ka-Israyeli (1-13)
Isixwayiso ngokukhonza izithixo (14-22)
Itafula likaJehova, itafula lamademoni (21)
Inkululeko nokucabangela abanye (23-33)
"Zonke izinto zenzeleni inkazimulo kaNkulunkulu" (31)

11 "Yibani abalingisi bami" (1)
Ubunhloko nesembozo sekhanda (2-16)
Ukugcina iSidlo SeNkosi Sakusihlwa (17-34)

12 Izipho zomoya (1-11)
Umzimba owodwa, amalungu amaningi (12-31)

13 Uthando—indlela ezidlula zonke (1-13)

14 Izipho zokuprofetha nokukhuluma ngezilimi (1-25)
Imihlangano yobuKristu ehlelekile (26-40)
Indawo yabesifazane ebandleni (34, 35)

15 Ukuvuswa kukaKristu (1-11)
Uvuko isisekelo sokholo (12-19)
Uvuko lukaKristu luyisiqinisekiso (20-34)
Umzimba wenyama, umzimba womoya (35-49)
Ukungafi nokungonakali (50-57)
Okuningi eningakwenza emsebenzini weNkosi (58)

16 Iminikelo yamaKristu aseJerusalema (1-4)
Izinhlelo zohambo lukaPawulu (5-9)
Ukuvakasha okuhleliwe kukaThimothewu no-Apholo (10-12)
Izikhuthazo nemikhonzo (13-24)


1 Mina Pawulu, owabizelwa
ukuba umphostoli[a] kaKri-
stu Jesu ngentando kaNkulu-
nkulu, kanye noSostene umfo-
wethu, 2 ebandleni likaNku-
lunkulu eliseKorinte,[b] kini eni-
ngcweliswe ebunyeni noKristu
Jesu,[c] nabizelwa ukuba nibe
abangcwele, kanye nabo bonke
ababiza igama leNkosi yethu,
uJesu Kristu,[a] iNkosi yabo ne-
yethu, yonke indawo:
3 Kwangathi ningaba nomu-
sa omkhulu* nokuthula okuve-
la kuNkulunkulu uBaba wethu
naseNkosini uJesu Kristu.
4 Ngimbonga ngaso sonke
isikhathi uNkulunkulu wami

ISAHL. 1
a IzE 9:15
b IzE 18:1
c 1Ko 6:11 Heb 9:13, 14

Uhla 2
a Mat 12:18, 21 IzE 4:12

1:3 *Noma, "umusa ongafanelwe."

ngomusa omkhulu kaNkulunku-
lu enawuphiwa kuKristu Jesu;
**5** ngenxa yokuthi ezintweni zo-
nke nicebile ngenxa yobuhlobo
eninabo naye, ekhonweni loku-
khuluma nasolwazini olugcwe-
le,[a] **6** njengoba nje ubufakazi
mayelana noKristu[b] benziwe
baqina phakathi kwenu, **7** ka-
ngangokuthi anintuli nakanca-
ne kunoma yisiphi isipho, ku-
yilapho nilindele ngokulangaze-
la ukwambulwa kweNkosi ye-
thu uJesu Kristu.[c] **8** Izoniqini-
sa kuze kube sekugcineni, uku-
ze nibe abangasoleki ngosuku
lweNkosi yethu uJesu Kristu.[d]
**9** UNkulunkulu uthembekile,[e]
lowo owanibiza ukuba nihla-
nganyele kanye neNdodana ya-
khe uJesu Kristu iNkosi yethu.

**10** Manje ngiyanincenga ba-
zalwane, ngegama leNkosi ye-
thu uJesu Kristu, ukuba no-
nke nikhulume ngokuvume-
lana, nokuba kungabi nakuhlu-
kana phakathi kwenu,[f] kodwa
ukuba nibe munye ngokuphe-
lele emqondweni ofanayo nase-
ndleleni efanayo yokucabanga.[g]
**11** Ngoba abanye endlini ka-
Klowe bangitshelile ukuthi ku-
khona ukungezwani phakathi
kwenu bafowethu. **12** Engiku-
shoyo yilokhu, yilowo nalowo
kini uthi: "Mina ngingokaPa-
wulu," "Mina ngingoka-Apho-
lo,"[h] "Mina ngingokaKhefa-
se,"* "Mina ngingokaKristu."
**13** Ingabe uKristu uhlukene
phakathi? UPawulu akazange
abulawelwe esigxotsheni nge-
nxa yenu, akunjalo? Noma, inga-
be nabhapathizwa egameni li-
kaPawulu? **14** Ngibonga uNku-
lunkulu ngokuthi angibhapa-
thizanga noyedwa wenu nga-
phandle kukaKrispu[i] noGayu,[j]
**15** ukuze kungabi namuntu
ongase athi nabhapathizwa ega-
meni lami. **16** Yebo, ngabha-
pathiza nomndeni kaStefana[a]
futhi. Mayelana nabo bonke
abanye, angazi noma ukhona
yini omunye engambhapathiza.
**17** Ngoba uKristu akangithu-
manga ukuba ngiyobhapathiza,
kodwa ukuba ngiyomemezela
izindaba ezinhle;[b] kungabi nge-
nkulumo yokuhlakanipha, uku-
ze isigxobo sokuhlushwa* sika-
Kristu singenziwa into engena-
msebenzi.

**18** Ngoba inkulumo epha-
thelene nesigxobo sokuhlu-
shwa* iwubuwula kwababhu-
bhayo,[c] kodwa kithi esisindi-
swayo ingamandla kaNkulu-
nkulu.[d] **19** Ngoba kulotshiwe
ukuthi: "Ngizokwenza ukuhla-
kanipha kwabantu abahlakani-
phile kushabalale, nokukha-
lipha kongqondongqondo ngi-
zokwenqaba."*[e] **20** Uphi umu-
ntu ohlakaniphile? Uphi um-
bhali?* Uphi umphikisi waleli
zwe?# UNkulunkulu akazange
yini akwenze ubuwula ukuhla-
kanipha kwezwe? **21** Ngoba,
njengoba ekuhlakanipheni ku-
kaNkulunkulu, izwe lingazange
limazi uNkulunkulu[f] ngoku-
hlakanipha kwalo,[g] uNkulunku-
lu wajatshuliswa ukuthi ngo-
buwula[h] balokho okushunyaye-
lwayo asindise abakholwayo.

**22** Ngoba amaJuda acela izi-
bonakaliso[i] namaGreki afuna
ukuhlakanipha; **23** kodwa thi-
na sishumayela ngoKristu owa-
bulawelwa esigxotsheni, oyi-
mbangela yokukhubeka kuma-
Juda kodwa owubuwula ezi-
zweni.[j] **24** Nokho, kwababizi-
we, kokubili amaJuda nama-

---

1:12 *Obuye abizwe ngokuthi uPetru.

1:17, 18 *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. 1:19 *Noma, "ngizokusunduzela eceleni." 1:20 *Okuwukuthi, isazi soMthetho. #Noma, "walesi simiso sezinto." Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

---

**ISAHL. 1**
a Kol 1:9
b IzE 18:5
c Luk 17:29, 30; 2Th 1:7; 1Pe 1:7
d 1Ko 4:5; 1Ko 5:5; IsA 1:10
e Dut 7:9
f Rom 16:17
g Rom 15:5, 6; 2Ko 13:11; Efe 4:1, 3; Flp 2:2
h IzE 18:24; 1Ko 3:4, 5; 1Ko 3:21-23
i IzE 18:8
j Rom 16:23

**Uhla 2**
a 1Ko 16:15
b IzE 9:15
c IzE 17:18; 1Ko 2:14
d Rom 1:16
e Isay 29:14
f Luk 10:21
g Kol 2:8
h 1Ko 2:14; 1Ko 3:18
i Mat 12:38; Luk 11:29
j IzE 17:32

Greki, uKristu ungamandla ka-
Nkulunkulu nokuhlakanipha
kukaNkulunkulu.[a] **25** Ngoba
izinto zikaNkulunkulu abantu
abazibheka njengeziwubuwula
zihlakaniphile kunabantu, nezi-
nto zikaNkulunkulu abantu aba-
zibheka njengezibuthakathaka
zinamandla kunabantu.[b]
**26** Ukunibiza kwakhe ni-
yakubona, bafowethu, uku-
thi ababaningi abahlakaniphi-
le ngendlela yenyama,*[c] aba-
baningi abanamandla, ababa-
ningi abazalwa yizicukuthwa-
ne,#[d] **27** kodwa uNkulunkulu
wakhetha izinto eziwubuwula
zezwe ukuze ahlazise abantu
abahlakaniphile; uNkulunkulu
wakhetha izinto ezibuthaka-
thaka zezwe ukuze ahlazise izi-
nto ezinamandla;[e] **28** uNkulu-
nkulu wakhetha izinto ezinga-
balulekile zezwe nezinto ezi-
bukelwa phansi, izinto ezinge-
kho, ukuze enze izinto ezikho-
na zibe yize,[f] **29** ukuze ku-
ngabi bikho muntu oziqhayi-
sayo phambi kukaNkulunku-
lu. **30** Kodwa kungenxa ya-
khe ukuthi nimunye noKristu
Jesu, osewukuhlakanipha oku-
vela kuNkulunkulu kithi, ka-
nye nokulunga[g] nokungcweli-
swa[h] nokukhululwa ngesihle-
ngo,[i] **31** ukuze kube njengo-
ba nje kulotshiwe ukuthi: "Ozi-
qhayisayo makaziqhayise ngo-
Jehova."*[j]

**2** Ngakho lapho ngifika kini
bazalwane, angifikanga ne-
nkulumo yokubukisa[k] noma
nokuhlakanipha ngimemeze-
la imfihlo engcwele[l] kaNkulu-
nkulu kini. **2** Ngoba nganqu-
ma ukungazi lutho phakathi
kwenu ngaphandle kukaJe-
su Kristu, nokuthi wabulawe-
lwa esigxotsheni.[a] **3** Ngafika
kini ngobuthakathaka nokwe-
saba nangokuthuthumela oku-
khulu; **4** inkulumo yami nalo-
kho engakushumayela kwaku-
ngewona amazwi okuhlakani-
pha athonyayo kodwa kwa-
kuwukubonisa komoya nama-
ndla,[b] **5** ukuze ukholo lwenu
lungasekelwa ekuhlakanipheni
kwabantu, kodwa emandleni
kaNkulunkulu.
**6** Manje sikhuluma ukuhla-
kanipha phakathi kwalabo aba-
vuthiwe,[c] kodwa hhayi uku-
hlakanipha kwaleli zwe* noma
okwababusi baleli zwe, aba-
zoba yize.[d] **7** Kodwa sikhulu-
ma ukuhlakanipha kukaNkulu-
nkulu okusemfihlweni engcwe-
le,[e] ukuhlakanipha okufihliwe,
uNkulunkulu akumisa kuse-
ngaphambili ngaphambi kwezi-
nkathi* ukuze kukhazinyuliswe
thina. **8** Yilokhu kuhlakani-
pha okungekho noyedwa ku-
babusi baleli zwe* owakwa-
zi,[f] ngoba ukube bakwazi nga-
be abazange bayibulale# iNkosi
ekhazimulayo. **9** Kodwa nje-
ngoba nje kulotshiwe: "Iso
alizibonanga nendlebe ayizi-
zwanga, futhi azizange zica-
tshangwe enhliziyweni yomu-
ntu izinto uNkulunkulu azilu-
ngisele labo abamthandayo."[g]
**10** Ngoba uNkulunkulu uza-
mbulele thina[h] ngomoya wa-
khe,[i] ngoba umoya uhlola zo-
nke izinto, ngisho nezinto ezi-
julile zikaNkulunkulu.[j]
**11** Ngoba ubani phakathi
kwabantu owazi izinto zomuntu
ngaphandle komoya womuntu

**1:26** *Noma, "ngokubheka komuntu." #Noma, "abavela emindenini eqavile." **1:31** *Bheka iSithasiselo A5.

**2:6** *Noma, "kwalesi simiso sezinto." Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **2:7** *Noma, "kwezimiso zezinto." **2:8** *Noma, "balesi simiso sezinto." Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. #Noma, "bayibulalele esigxotsheni."

ISAHL. 1
a Kol 2:3
b 2Ko 13:4
c IzE 4:13
d Joh 7:48; Jak 2:5
e Mat 11:25
f 1Ko 2:6
g Rom 10:4; 2Ko 5:21
h Joh 17:19; Heb 10:10
i Rom 3:24; Kol 1:13, 14
j Jer 9:24; 2Ko 10:17

ISAHL. 2
k 1Ko 1:17
l Efe 3:5, 6; Kol 2:2

Uhla 2
a Gal 6:14
b Rom 15:18, 19; 1Ko 4:20; 1Th 1:5
c 1Ko 14:20; Efe 4:13; Heb 5:14
d 1Ko 15:24
e Rom 16:25, 26; Efe 3:8, 9
f Joh 7:48; IzE 13:27, 28
g Isay 64:4
h Mat 16:17; Mar 4:11; Efe 3:5; 2Ti 1:9, 10; 1Pe 1:12
i Joh 14:26; 1Jo 2:27
j Rom 11:33

okuye? Kanjalo futhi, akekho
owazi izinto zikaNkulunkulu,
ngaphandle komoya kaNkulu-
nkulu. **12** Manje asamukela-
nga umoya wezwe, kodwa umo-
ya ovela kuNkulunkulu,[a] ukuze
sazi izinto esizinikwe uNkulu-
nkulu ngomusa. **13** Lezi zinto
siyazikhuluma futhi, hhayi nga-
mazwi esiwafundiswe ukuhla-
kanipha kwabantu,[b] kodwa nga-
mazwi esiwafundiswe umoya,[c]
njengoba sichaza* izindaba ezi-
mayelana noNkulunkulu nga-
mazwi kaNkulunkulu.#

**14** Kodwa umuntu wenya-
ma akazamukeli izinto zomo-
ya kaNkulunkulu ngoba ziwu-
buwula kuye; futhi akanakuza-
zi ngoba zihlolwa ngokomoya.
**15** Nokho, umuntu oqondiswa
umoya kaNkulunkulu uhlola zo-
nke izinto[d] kodwa yena ngokwa-
khe akahlolwa muntu. **16** Ngo-
ba "ubani osewazi umqondo
kaJehova* ukuba angamfundi-
sa?"[e] Kodwa sinawo umqondo
kaKristu.[f]

**3** Ngakho bafowethu, angi-
kwazanga ukukhuluma nani
njengokungathi ngikhuluma na-
bantu abaqondiswa umoya ka-
Nkulunkulu,[g] kodwa njenga-
bantu abalandela izifiso zenya-
ma, njengezinsana[h] kuKristu.
**2** Nganondla ngobisi, hhayi
ngokudla okuqinile, ngoba na-
ningakaqini ngokwanele. Eqini-
sweni, namanje anikaqini ngo-
kwanele,[i] **3** ngoba nisengaba-
ntu abalandela izifiso zenya-
ma.[j] Ngoba njengoba kukho-
na umhawu nombango phaka-
thi kwenu, anibona yini abala-
ndela izifiso zenyama[k] futhi ani-
hambi yini njengoba kuhamba
abantu? **4** Ngoba uma omunye
ethi, "Mina ngingokaPawulu,"
kodwa omunye athi, "Mina ngi-
ngoka-Apholo,"[a] anenzi yini nje-
ngabantu abavamile?

**5** Ungubani-ke u-Apholo?
Ungubani uPawulu? Yizikho-
nzi[b] enaba amakholwa nga-
zo, njengoba nje iNkosi yanike-
za umuntu ngamunye. **6** Mina
ngatshala,[c] u-Apholo wanisela,[d]
kodwa uNkulunkulu waqhube-
ka ekhulisa, **7** ngakho lowo
otshalayo akalutho nalowo oni-
selayo akalutho, kodwa uNku-
lunkulu okhulisayo nguye owu-
tho.[e] **8** Lowo otshalayo nalo-
wo oniselayo bamunye,* kodwa
umuntu ngamunye uyokwamu-
kela umvuzo wakhe ngokomse-
benzi wakhe.[f] **9** Ngoba siyizi-
sebenzi ezikanye noNkulunku-
lu. Nina niyinsimu kaNkulu-
nkulu elinywayo, isakhiwo si-
kaNkulunkulu.[g]

**10** Ngokomusa omkhulu ka-
Nkulunkulu engaphiwa wona,
ngabeka isisekelo[h] njengoma-
khi ohlakaniphile oyingcweti,*
kodwa omunye umuntu wa-
khela phezu kwaso. Kodwa
yilowo nalowo makaqhube-
ke ebheka indlela akhela nga-
yo phezu kwaso. **11** Ngoba
akekho ongabeka esinye isi-
sekelo ngaphandle kwaleso esi-
bekiwe, esinguJesu Kristu.[i]
**12** Uma umuntu akhela phe-
zu kwalesi sisekelo igolide, isi-
liva, amatshe ayigugu, ukhu-
ni, utshani obomisiwe noma
izinhlanga, **13** umsebenzi wo-
muntu ngamunye uyovezwa
ngokwalokho oyikho,* ngoba
usuku luyowuveza, ngoba
uyokwambulwa ngomlilo,[j] umli-
lo uyobonisa ukuthi umsebe-
nzi womuntu ngamunye ulu-

ISAHL. 2
*a* Joh 15:26
*b* Kol 2:8
*c* Joh 16:13
*d* Rom 8:5
*e* Isay 40:13
*f* Rom 15:5

ISAHL. 3
*g* 1Ko 2:15 Kol 1:9
*h* 1Ko 14:20
*i* Heb 5:12-14
*j* Rom 8:7, 8
*k* Gal 5:19, 20

Uhla 2
*a* IzE 18:24, 25
*b* 2Ko 3:5, 6 Kol 1:23 1Ti 1:12
*c* IzE 18:4
*d* IzE 18:26-28 IzE 19:1
*e* Rom 9:16
*f* Rom 2:6 1Ko 4:5 IsA 22:12
*g* Efe 2:22 1Pe 2:5
*h* Rom 15:20 Heb 6:1
*i* Hu 118:22 Isay 28:16 Mat 21:42 Efe 2:20 1Pe 2:6
*j* 1Pe 4:12

**2:13** *Noma, "sihlanganisa." #Noma, "ngamazwi avumelana namandla kaNkulunkulu." **2:16** *Bheka iSithasiselo A5.

**3:8** *Noma, "banomgomo owodwa." **3:10** *Noma, "njengomqondisi wemisebenzi ohlakaniphile." **3:13** *NgesiGreki, "uyobonakala."

hlobo luni. **14** Uma umsebe-
nzi womuntu awakhele phezu
kwaso usala, uyothola umvu-
zo; **15** uma umsebenzi womu-
ntu usha, uyolahlekelwa, ko-
dwa yena uyosindiswa; nokho
uma kunjalo, kuyoba njengoku-
ngathi udabule emlilweni.

**16** Anazi yini ukuthi nina
niyithempeli likaNkulunkulu,[a]
nokuthi umoya kaNkulunkulu
uhlala kini?[b] **17** Uma umuntu
ebhidliza ithempeli likaNkulu-
nkulu, uNkulunkulu uyombhu-
bhisa; ngoba ithempeli lika-
Nkulunkulu lingcwele, futhi
nina niyilelo thempeli.[c]

**18** Makungabikho muntu
ozikhohlisayo: Uma othile pha-
kathi kwenu ecabanga uku-
thi uhlakaniphile kuleli zwe,*
makabe yisiwula, ukuze ahla-
kaniphe. **19** Ngoba ukuhlaka-
nipha kwaleli zwe kuwubuwula
kuNkulunkulu, ngoba kulotshi-
we ukuthi: "Ubamba abahlaka-
niphile ebuqilini babo."[d]
**20** Nokuthi futhi: "UJehova*
uyazi ukuthi imicabango ya-
bantu abahlakaniphile iyize."[e]
**21** Ngakho makungabikho mu-
ntu oziqhayisa ngabantu; ngo-
ba zonke izinto zingezenu,
**22** kungakhathaliseki ukuthi
uPawulu noma u-Apholo noma
uKhefase*[f] noma yizwe noma
ukuphila noma ukufa noma izi-
nto ezikhona manje noma izi-
nto ezizayo, zonke izinto zinge-
zenu; **23** nina ningabakaKri-
stu;[g] uKristu yena ungokaNku-
lunkulu.

**4** Umuntu kufanele asibhe-
ke njengezikhonzi zikaKri-
stu nababaphathi bezimfihlo
ezingcwele zikaNkulunkulu.[h]

3:18 *Noma, "kulesi simiso sezinto." Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **3:20; 4:4** *Bheka iSithasiselo A5. **3:22** *Obuye abizwe ngokuthi uPetru.

**2** Ngenxa yalokho, okulindele-
kile kubaphathi ukuthi bathola-
kale bethembekile. **3** Kuyinto
engabalulekile kangako kimi
ukuthi ngihlolwe yinina noma
yinkantolo yabantu.* Empeleni,
kwamina angizihloli. **4** Ngo-
kwazi kwami akukho okubi
engikwenzile. Kodwa lokho aku-
fakazeli ukuthi ngilungile; ongi-
hlolayo uJehova.*[a] **5** Ngakho,
ningahluleli[b] lutho ngaphambi
kwesikhathi esifanele, kuze ku-
fike iNkosi. Iyoletha izinto ezi-
fihlekile zobumnyama ekukha-
nyeni futhi yenze izinhloso ze-
nhliziyo zaziwe, khona-ke yilo-
wo nalowo uyothola udumo lwa-
khe luvela kuNkulunkulu.[c]

**6** Manje bazalwane, ngikhu-
lume lezi zinto ngisebenzisa
igama lami nelika-Apholo[d] uku-
ze kuzuze nina, ukuze nifunde
lo mthetho ngokuqondene na-
thi: "Ungeqeli ngale kwezinto
ezilotshiwe," ukuze ningakhu-
khumali niqhoshe,[e] nibheka
omunye njengongcono kuno-
munye. **7** Ngoba ubani okwe-
nza uhluke komunye? Yini
onayo ongazange uyamukele?[f]
Uma ngempela uyamukele, ku-
ngani uziqhayisa njengokunga-
thi awuzange uyamukele?

**8** Nina senanelisekile ka-
kade? Senicebile kakade? Se-
niqalile yini ukubusa nje-
ngamakhosi[g] ngaphandle kwe-
thu? Ngempela ngifisa senga-
thi ngabe seniqalile ukubu-
sa njengamakhosi, ukuze na-
thi sibuse njengamakhosi ka-
nye nani.[h] **9** Ngoba kimi ku-
bonakala sengathi uNkulunku-
lu ubeke thina baphostoli eku-
gcineni embukisweni njengaba-
ntu abanikwe isahlulelo soku-
fa,[i] ngenxa yokuthi siye saba
umbukwane wasenkundleni

4:3 *Noma, "yinkantolo."

ISAHL. 3
a 2Ko 6:16 Efe 2:21 1Pe 2:5
b 1Ko 6:19
c 1Pe 2:5
d Job 5:13
e Hu 94:11
f 1Ko 1:12
g Joh 17:9 2Ko 10:7

ISAHL. 4
h Mat 13:11 Rom 16:25, 26

Uhla 2
a IzA 21:2 Rom 14:10 Heb 4:13
b Mat 7:1
c IzA 10:9 2Ko 10:18 1Ti 5:24, 25
d 1Ko 1:12
e Rom 12:3 2Ko 12:20 3Jo 9
f Joh 3:27
g IsA 20:4, 6
h 2Ti 2:12 IsA 3:21
i Rom 8:36 1Ko 15:32 2Ko 6:4, 9

yemidlalo ezweni,[a] nasezinge-
losini, nakubantu. **10** Thina
siyiziwula[b] ngenxa kaKristu,
kodwa nina ninokuqonda ku-
Kristu; thina sibuthakathaka,
kodwa nina ninamandla; nina
niyahlonishwa, kodwa thina
sisehlazweni. **11** Kuze kube
yilo kanye leli hora siyaqhube-
ka silamba[c] futhi soma,[d] siswe-
la okokugqoka,* sishaywa,#[e] si-
ngenamakhaya **12** futhi si-
khandleka, sisebenza ngeza-
ndla zethu.[f] Lapho sithukwa,
siyabusisa;[g] lapho sishushi-
swa, sikhuthazela ngesineke;[h]
**13** lapho sinyundelwa, siphe-
ndula ngomoya ozolile;*[i] sesi-
njengezibi# zezwe, imfucumfu-
cu yazo zonke izinto, kuze
kube manje.

**14** Lezi zinto angizibhaleli
ukuba nginibangele amahloni,
kodwa ukuba nginiyale njenga-
bantwana bami abathandeka-
yo. **15** Ngoba nakuba ninga-
se nibe nabanakekeli* abangu-
10 000 kuKristu, ngokuqiniseki-
le aninabo obaba abaningi;
ngoba kuKristu Jesu sengi-
wuyihlo ngezindaba ezinhle.[j]
**16** Ngakho ngiyanincenga, yi-
bani abalingisi bami.[k] **17** Yi-
ngakho ngithumela uThimo-
thewu kini, ngoba ungumnta-
nami othandekayo nothembe-
kile eNkosini. Uzonikhumbuza
izindlela zami ngokuphathele-
ne noKristu Jesu,[l] njengoba nje
ngifundisa kuyo yonke indawo
kuwo wonke amabandla.

**18** Abanye bakhukhumele
bayaqhosha, njengokungathi
angizi kini. **19** Kodwa ngizo-
za kini ngokushesha, uma uJe-
hova* ethanda, futhi ngizo-
wazi amandla alabo abakhu-
khumele abaqhoshayo, hha-
yi inkulumo yabo. **20** Ngo-
ba uMbuso kaNkulunkulu awu-
boniswa ngenkulumo, kodwa
uboniswa ngamandla kaNkulu-
nkulu. **21** Yini eniyincamela-
yo? Ingabe kufanele ngize kini
nenduku,[a] noma nothando no-
bumnene bomoya?

**5** Empeleni kubikwa ukuzi-
phatha kabi ngokocansi*[b]
phakathi kwenu, ukuziphatha
kabi okunjalo okungekho ngi-
sho naphakathi kwezizwe
—ukuthi umuntu othile uhlala
nomkayise.#[c] **2** Ingabe niyazi-
qhenya ngakho? Akufanele yini
ngabe niyalila,[d] ukuze lo mu-
ntu owenze lesi senzo asu-
swe phakathi kwenu?[e] **3** Na-
kuba ngingekho ngokoqobo,*
ngikhona ngomoya, sengima-
hlulele kakade umuntu owenze
lokhu, njengokungathi nginani.
**4** Lapho nihlangene ndawonye
egameni leNkosi yethu uJesu
futhi nazi ukuthi nginani ngo-
moya kanye namandla eNkosi
yethu uJesu, **5** umuntu onja-
lo kumele nimnikele kuSatha-
ne[f] ngenjongo yokuba kubhuji-
swe inyama, ukuze umoya usi-
ndiswe ngosuku lweNkosi.[g]

**6** Ukuziqhayisa kwenu aku-
kuhle. Anazi yini ukuthi imvu-
belo encane iyibilisa* yonke
inhlama?[h] **7** Susani imvube-
lo endala ukuze nibe yinhlama
entsha, njengoba nje ningena-
yo imvubelo. Ngoba ngempela,
uKristu imvu yePhasika lethu[i]
wenziwe umhlatshelo.[j] **8** Nga-
kho masiwugcine lo mkhosi,[k]
hhayi ngemvubelo endala noma
ngemvubelo yobubi nokukho-

ISAHL. 4
*a* Heb 10:33
*b* 1Ko 3:18
*c* Flp 4:12
*d* 2Ko 11:27
*e* IzE 14:19; IzE 23:2; 2Ko 11:24
*f* IzE 18:3; IzE 20:34; 1Th 2:9
*g* Rom 12:14; 1Pe 3:9
*h* Mat 5:44
*i* 1Pe 2:23
*j* Gal 4:19; 1Th 2:11
*k* 1Ko 11:1; Flp 3:17; 1Th 1:6
*l* 2Ti 1:13

Uhla 2
*a* 2Ko 13:10

ISAHL. 5
*b* Efe 5:3
*c* Lev 18:8
*d* 2Ko 7:9
*e* 1Ko 5:13; 2Jo 10
*f* 1Ti 1:20
*g* 1Ko 1:8
*h* 1Ko 15:33; Gal 5:9; 2Ti 2:16, 17
*i* Joh 1:29
*j* 1Pe 1:19, 20; IsA 5:12
*k* Eks 13:7

**4:11** *NgesiGreki, “sihamba-ze.” #Noma, “sidukluzwa.” **4:13** *NgesiGreki, “siyancenga.” #Noma, “njengodoti.” **4:15** *Noma, “nabafundisi.” **4:19** *Bheka iSithasiselo A5.

**5:1** *NgesiGreki, i-*por·nei′a*. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. #NgesiGreki, “uthatha umkayise.” **5:3** *Noma, “ngomzimba.” **5:6** *Noma, “ikhukhumalisa.”

hlakala, kodwa ngesinkwa esingenamvubelo sobuqotho nangeqiniso.

**9** Encwadini yami nganibhalela ukuthi niyeke ukuzihlanganisa* nabantu abaziphatha kabi ngokocansi,# **10** ngingasho ukuba niyeke ngokuphelele ukuzihlanganisa nabantu abaziphatha kabi ngokocansi# baleli zwe[a] noma abahahayo nabaphangi noma abakhonza izithombe. Ukube bekunjalo, bekuyodingeka ukuba empeleni niphume ezweni.[b] **11** Kodwa manje nginibhalela ukuba niyeke ukuzihlanganisa*[c] nanoma ubani obizwa ngokuthi umzalwane ebe eziphatha kabi ngokocansi# noma engumuntu ohahayo[d] noma okhonza izithombe noma othuka inhlamba△ noma isidakwa[e] noma umphangi,[f] ningadli ngisho nokudla nomuntu onjalo. **12** Ngoba ngihlangene ngani nokwahlulela abangaphandle? Nina anahluleli yini abangaphakathi, **13** kuyilapho uNkulunkulu ahlulela abangaphandle?[g] “Susani umuntu omubi phakathi kwenu.”[h]

**6** Ingabe ukhona kini oxabene nomunye[i] ongalokotha aye enkantolo phambi kwabantu abangalungile, angayi phambi kwabangcwele? **2** Noma anazi yini ukuthi abangcwele bayokwahlulela izwe?[j] Uma izwe liyokwahlulelwa yini, ingabe anifaneleki ukuqula izindaba ezincane kakhulu? **3** Anazi yini ukuthi siyokwahlulela izingelosi?[k] Kungani-ke singenakwahlulela izindaba zalokhu kuphila? **4** Uma ninazo izindaba zalokhu kuphila okumele ziqulwe,[a] ingabe ngamadoda abukelwa phansi ebandleni eniwabeka ukuba abe abahluleli? **5** Ngikhuluma ukuze nginibangele amahloni. Akekho noyedwa yini ohlakaniphile phakathi kwenu okwazi ukwahlulela phakathi kwabafowabo? **6** Kunalokho umuntu uyisa umfowabo enkantolo, phambi kwabangewona amakholwa nokwenza!

**7** Ngempela, nisuke seninqotshiwe kakade uma nimangalelana. Kunalokho, kungani ningavumi ukuba noniwe?[b] Kungani ningavumi ukuba niphanjwe? **8** Esikhundleni salokho, niyona futhi niphambe, nenze lokho kubafowenu nokwenza!

**9** Anazi yini ukuthi abantu abangalungile ngeke balizuze ifa loMbuso kaNkulunkulu?[c] Ningadukiswa.* Labo abaziphatha kabi ngokocansi,#[d] abakhonza izithombe,[e] iziphingi,[f] abantu abenza izenzo zobutabane,[g] amadoda alala namadoda,[h] **10** amasela, abantu abahahayo,[i] izidakwa,[j] abathuka inhlamba,* nabaphangi ngeke balizuze ifa loMbuso kaNkulunkulu.[k] **11** Kodwa nokho yilokho abanye kini ababeyikho. Kodwa seniye nagezwa nahlanzeka;[l] seniye nangcweliswa;[m] sekuthiwe nilungile[n] egameni leNkosi uJesu Kristu nangomoya kaNkulunkulu wethu.

**12** Zonke izinto zingokomthetho* kimi, kodwa akuzona zonke izinto ezisizayo.[o] Zonke izinto zingokomthetho kimi, kodwa ngeke ngivume ukuba noma yini ingilawule. **13** Ukudla okwesisu, nesisu esokudla,

---

**5:9, 11** *Noma, “ukuba abangani.” **5:9-11; 6:9** #Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama, “Ukuziphatha kabi ngokocansi.” **5:11** △Noma, “ohlukumeza ngamazwi.”

**6:9** *Noma, “Ningakhohliswa.” **6:10** *Noma, “abahlukumeza ngamazwi.” **6:12** *Noma, “zivumelekile.”

ISAHL. 5
a 1Jo 2:17
b Joh 17:15
c Num 16:25, 26; Rom 16:17; 2Jo 10
d Efe 5:5
e Dut 21:20, 21; 1Pe 4:3
f 1Ko 6:9, 10; Gal 5:19-21
g Shu 12:14
h Gen 3:23, 24; Dut 17:7; Tit 3:10; 2Jo 10

ISAHL. 6
i Mat 18:15-17
j IsA 2:26, 27; IsA 20:4
k Rom 16:20

Uhla 2
a Mat 18:17
b Mat 5:39, 40
c Efe 5:5; IsA 22:15
d IsA 21:8
e Kol 3:5
f Heb 13:4
g Rom 1:27
h 1Ti 1:9, 10
i 1Ko 5:11
j Dut 21:20, 21; IzA 23:20; 1Pe 4:3
k Heb 12:14
l IzE 22:16; Heb 10:22
m Efe 5:25, 26; 2Th 2:13
n Rom 5:18
o 1Ko 10:23

kodwa uNkulunkulu uyokwenza
kokubili kube yize.[a] Umzimba
awuwona owokuziphatha kabi
ngokocansi,* kodwa oweNkosi,[b]
neNkosi eyomzimba. **14** Ko-
dwa uNkulunkulu wavusa iNko-
si[c] futhi uzosivusa nathi ekufe-
ni[d] ngamandla akhe.[e]

**15** Anazi yini ukuthi imizi-
mba yenu ingamalungu kaKri-
stu?[f] Ingabe kufanele ngitha-
the amalungu kaKristu ngi-
wahlanganise namalungu esife-
be? Lutho neze! **16** Anazi yini
ukuthi noma ubani ohlangani-
swe nesifebe, umzimba munye
naso? Ngoba, "laba ababili," ku-
sho yena, "bayoba nyamanye."[g]
**17** Kodwa noma ubani ohla-
nganiswe neNkosi munye nayo
emoyeni.[h] **18** Balekelani uku-
ziphatha kabi ngokocansi!*[i] Zo-
nke ezinye izono umuntu anga-
se azenze zingaphandle ko-
mzimba wakhe, kodwa noma
ubani oziphatha kabi ngoko-
cansi wona owakhe umzimba.[j]
**19** Anazi yini ukuthi umzi-
mba wenu uyithempeli[k] lo-
moya ongcwele ongaphakathi
kini, eniwuthole kuNkulunku-
lu?[l] Nokuthi anibona abenu,[m]
**20** ngoba nathengwa ngente-
ngo.[n] Khazimulisani uNkulu-
nkulu[o] emzimbeni wenu[p] ngazo
zonke izindlela.

**7** Ngokuphathelene nezinto
enaloba ngazo, kungco-
no ukuba indoda ingamthinti*
owesifazane; **2** kodwa nge-
nxa yokuvama kokuziphatha
kabi ngokocansi,* yileyo naleyo
ndoda mayibe nowayo umfazi,[q]
nalowo nalowo wesifazane abe
nowakhe umyeni.[r] **3** Indoda
mayinikeze umkayo okumfane-
le, nomfazi makenze okufana-
yo kumyeni wakhe.[a] **4** Umfa-
zi akanalo igunya phezu komzi-
mba wakhe, kodwa ngumye-
ni wakhe onalo; ngokufana-
yo, indoda ayinalo igunya phe-
zu komzimba wayo, kodwa ngu-
mkayo onalo. **5** Ningagodlela-
ni, ngaphandle uma nivumele-
ne ukuma kancane okwesikha-
shana, ukuze ninikele isikhathi
emthandazweni futhi niphinde
nibe ndawonye, ukuze uSatha-
ne angalokhu enilinga ngenxa
yokuntula kwenu ukuzithiba.
**6** Nokho, ngininika imvume
yokwenza kanjalo, angininiki
umyalo. **7** Kodwa ngifisa se-
ngathi ngabe bonke abantu be-
benjengami. Noma kunjalo, yi-
lowo nalowo unesipho sakhe[b]
esivela kuNkulunkulu, omunye
ngale ndlela, omunye ngaleya
ndlela.

**8** Kulabo abangashadile na-
bafelokazi ngithi, kungco-
no uma behlala benjengami.[c]
**9** Kodwa uma bengenakho uku-
zithiba, mabashade, ngoba ku-
ngcono ukushada kunokushi-
swa inkanuko.[d]

**10** Abantu abashadile ngiba-
nika iziyalezo, akumina ko-
dwa yiNkosi, zokuba umfazi
angahlukani nomyeni wakhe.[e]
**11** Kodwa uma umfazi ehluka-
na naye, makahlale engashadi-
le noma aphinde abuyisane no-
myeni wakhe; indoda akufane-
le imshiye umkayo.[f]

**12** Kodwa kwabanye ngithi,
yebo kusho mina, hhayi iNko-
si:[g] Uma kukhona umzalwane
onomfazi ongakholwa, umfa-
zi evuma ukuhlala naye, ma-
kangamshiyi; **13** uma owesi-
fazane enomyeni ongakholwa,
umyeni evuma ukuhlala naye,
makangamshiyi umyeni wa-
khe. **14** Ngoba indoda enga-
kholwa ingcwelisiwe ngokuqo-

---

**6:13, 18** *NgesiGreki, i-*por·nei′a.* Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **7:1** *Okuwukuthi, ingalali. **7:2** *Igama lesiGreki elisebuningini elithi *por·nei′a.* Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

ISAHL. 6
a Rom 14:17
b 1Th 4:3
c IzE 2:24
d 2Ko 4:14
e Rom 8:11; Efe 1:19, 20
f Rom 12:4, 5; 1Ko 12:18, 27; Efe 4:15; Efe 5:29, 30
g Gen 2:24; Mat 19:4, 5
h Joh 17:20, 21
i Gen 39:10-12; 1Th 4:3
j Rom 1:24, 27
k 2Ko 6:16
l 1Ko 3:16
m Rom 14:8
n 1Ko 7:23; Heb 9:12; 1Pe 1:18, 19
o Mat 5:16
p Rom 12:1

ISAHL. 7
q IzA 5:18, 19
r Gen 2:24; Heb 13:4

Uhla 2
a Eks 21:10; 1Ko 7:5
b Mat 19:10, 11
c 1Ko 7:39, 40; 1Ko 9:5
d 1Th 4:4, 5; 1Ti 5:11, 14
e Mat 5:32; Mat 19:6
f Mar 10:11; Luk 16:18
g 1Ko 7:25, 40

ndene nomkayo, nomfazi onga-
kholwa ungcwelisiwe ngo-
kuqondene nomzalwane; nga-
phandle kwalokho, abantwana
benu bebeyoba abangcolile, ko-
dwa manje bangcwele. **15** Ko-
dwa uma lona ongakholwa
ekhetha ukuhamba,* makaha-
mbe; umzalwane noma udade-
wethu akabophekile ngaphansi
kwezimo ezinjalo, kodwa uNku-
lunkulu unibizele ekuthuleni.[a]
**16** Ngoba wena mfazi, wazi
ngani ukuthi ngeke umsindi-
se umyeni wakho?[b] Noma wena
ndoda, wazi ngani ukuthi nge-
ke umsindise umkakho?

**17** Noma kunjalo, njengoba
nje uJehova* enikeze lowo na-
lowo isabelo esithile, yilo-
wo nalowo makahambe njengo-
ba uNkulunkulu embizile.[c] Nga-
kho nginikeza wonke amaba-
ndla lesi siqondiso. **18** Inga-
be ukhona owabizwa esoki-
le?[d] Makahlale enjalo. Ingabe
ukhona obizwe engasokile? Ma-
kangasoki.[e] **19** Ukusoka aku-
sho lutho, nokungasoki aku-
sho lutho;[f] ukugcinwa kwemi-
yalo kaNkulunkulu yikho oku-
sho utho.[g] **20** Noma isiphi isi-
mo umuntu abizwa ekuso,
makahlale kuso.[h] **21** Ingabe
wabizwa uyisigqila? Makunga-
kukhathazi lokho;[i] kodwa
uma ungase ukwazi uku-
khululeka, libambe lelo thuba.
**22** Ngoba umuntu owabizwa
eNkosini eyisigqila ungokhulu-
liwe weNkosi;[j] ngokufanayo
nalowo owabizwa engokhu-
lulekile uyisigqila sikaKristu.
**23** Nathengwa ngentengo;[k] ye-
kani ukuba yizigqila zabantu.
**24** Noma yisiphi isimo umuntu
abizwa ekuso, bazalwane, ma-
kahlale ekuso phambi kuka-
Nkulunkulu.

7:15 *Noma, "ukuba kuhlukanwe."
7:17 *Bheka iSithasiselo A5.

ISAHL. 7
*a* Heb 12:14
*b* 1Pe 3:1, 2
*c* 1Ko 7:7
*d* IzE 21:20
*e* IzE 10:45 IzE 15:1, 24 Gal 5:2
*f* Gal 6:15 Kol 3:11
*g* Shu 12:13 Jer 7:23 Rom 2:25 Gal 5:6 1Jo 5:3
*h* 1Ko 7:17
*i* Gal 3:28
*j* Joh 8:36 Flm 15, 16
*k* 1Ko 6:19, 20 Heb 9:12 1Pe 1:18, 19

Uhla 2
*a* 1Ko 7:12 1Ko 7:40
*b* Mal 2:16 Mat 19:6 Efe 5:33
*c* Rom 13:11 1Pe 4:7
*d* 1Ti 5:8

**25** Ngokuphathelene naba-
yizintombi,* anginamyalo ove-
la eNkosini, kodwa ngiveza
umbono wami[a] njengomuntu
iNkosi eyambonisa isihe ukuze
ngibe othembekile. **26** Nga-
kho-ke ngicabanga ukuthi ku-
hle ngomuntu ukuba aqhu-
beke enjengoba enjalo nge-
nxa yobunzima obukhona ma-
nje. **27** Ingabe uboshelwe ku-
mfazi? Yeka ukufuna ukukhu-
lulwa.[b] Ingabe ukhululekile ku-
mfazi? Yeka ukufuna umfazi.
**28** Kodwa ngisho noma unga-
shada, uyobe awenzi sono. Fu-
thi uma umuntu oyintombi
eshada, uyobe akenzi sono. No-
kho, labo abashadayo bayoba
nosizi enyameni yabo. Kodwa
mina ngizama ukuniphephisa.

**29** Ngaphezu kwalokho, ngi-
yakusho lokhu bazalwane, uku-
thi isikhathi esesisele sinciphi-
le.[c] Kusukela manje, labo aba-
nabafazi mababe njengokunga-
thi abanabo, **30** nalabo aba-
khalayo babe njengalabo aba-
ngakhali, nalabo abajabulayo
babe njengalabo abangajabuli,
nalabo abathenga izinto babe
njengalabo abangenazo lezo zi-
nto, **31** nalabo abasebenzisa
izwe babe njengalabo abanga-
lisebenzisi ngokugcwele; ngoba
isimo saleli zwe siyashintsha.
**32** Ngempela, ngifuna ukuba
ningakhathazwa yilutho. Indo-
da engashadile ikhathazeka
ngezinto zeNkosi, ukuthi inga-
kuthola kanjani ukwamuke-
lwa yiNkosi. **33** Kodwa indo-
da eshadile ikhathazeka ngezi-
nto zezwe,[d] ukuthi ingakuthola
kanjani ukwamukelwa umkayo,
**34** futhi ihlukene phakathi.
Ngaphezu kwalokho, owesifa-
zane ongashadile, kanye noyi-
ntombi, ukhathazeka ngezinto

7:25 *Noma, "nalabo abangakaze ba-
shade."

zeNkosi,[a] ukuze abe ngcwele
kokubili emzimbeni wakhe na-
semoyeni wakhe. Nokho, owe-
sifazane oshadile ukhathazeka
ngezinto zezwe, ukuthi anga-
kuthola kanjani ukwamukelwa
umyeni wakhe. **35** Kodwa lo-
khu ngikusho ukuze kuzuze
nina, hhayi ukuze nginibeke-
le imingcele, kodwa ukuze ngi-
nenze nenze okufanele nokuba
nizinikele njalo eNkosini nga-
phandle kokuphazamiseka.

**36** Kodwa uma umuntu eca-
banga ukuthi uziphatha ngoku-
ngafanele ngokuhlala engasha-
dile,* futhi sekudlule ukuqhu-
ma kobusha, nakhu okufane-
le kwenzeke: Makenze lokho
akufunayo; akoni. Mabasha-
de.[b] **37** Kodwa uma umuntu
anelisekile enhliziyweni ya-
khe* futhi engenaso isidingo,
kodwa ekwazi ukuzithiba futhi
enze lesi sinqumo enhliziyweni
yakhe, sokuba ahlale engasha-
dile,# uyokwenza kahle.[c]
**38** Ngakho, nalowo oshadayo*
wenza kahle, kodwa lowo onga-
shadi uyokwenza kangcono.[d]

**39** Umfazi uboshiwe uma
nje umyeni wakhe esaphila.[e]
Kodwa uma kungenzeka umye-
ni wakhe ashone, ukhululeki-
le ukuba ashade nanoma ubani
amfunayo, kuphela eNkosini.[f]
**40** Kodwa ngokombono wami,
ujabula nakakhulu uma ehla-
la enjengoba enjalo; futhi ngo-
kuqinisekile ngicabanga uku-
thi nami nginomoya kaNkulu-
nkulu.

**8** Ngokuphathelene nokudla
okunikelwe ezithixweni:[g]
Siyazi ukuthi sonke sinalo
ulwazi.[h] Ulwazi luyakhukhume-
za, kodwa uthando luyakha.[a]
**2** Uma umuntu ecabanga uku-
thi wazi okuthile, akakakwa-
zi ngendlela okufanele akwazi
ngayo. **3** Kodwa uma umuntu
emthanda uNkulunkulu, lowo
waziwa nguye.

**4** Ngokuphathelene nokudla
ukudla okunikelwe ezithixwe-
ni, siyazi ukuthi isithixo asi-
lutho[b] ezweni, nokuthi akukho
Nkulunkulu ngaphandle koye-
dwa.[c] **5** Ngoba ngisho noma
kukhona labo ababizwa ngoku-
thi onkulunkulu, kungaba se-
zulwini noma emhlabeni,[d] nje-
ngoba nje kukhona “onkulu-
nkulu” abaningi “namakho-
si” amaningi, **6** empeleni ki-
thi kukhona uNkulunkulu oye-
dwa,[e] uBaba,[f] okuvela kuye zo-
nke izinto, nathi esingabakhe;[g]
futhi kukhona iNkosi eyodwa,
uJesu Kristu, ezikhona ngayo
zonke izinto,[h] nathi esikhona
ngayo.

**7** Noma kunjalo, akubona
bonke abanalolu lwazi.[i] Kodwa
abanye, ngenxa yokujwayela-
na kwabo nezithixo ngapha-
mbilini, badla ukudla njengo-
kuthile okuhlatshelwe isithi-
xo,[j] unembeza wabo, njengo-
ba ubuthakathaka, uyangcola.[k]
**8** Kodwa ukudla ngeke kusiso-
ndeze kuNkulunkulu;[l] uma si-
ngadli, asilahlekelwa lutho, fu-
thi uma sidla, asizuzi lutho.[m]
**9** Kodwa qhubekani niqaphela
ukuthi ilungelo lenu lokukhe-
tha alibi isikhubekiso ngandle-
la-thile kulabo ababuthaka-
thaka.[n] **10** Ngoba uma umu-
ntu engakubona wena ono-
lwazi udla ethempelini lesithi-
xo, unembeza walowo obutha-
kathaka ngeke yini umenze abe
nesibindi kuze kube seqophe-
lweni lokuba adle ukudla oku-
nikelwe ezithixweni? **11** Nga-
kho ngolwazi lwakho, umu-

ISAHL. 7
a 1Ti 5:5
b Mat 19:12; 1Ko 7:28
c Mat 19:10, 11
d 1Ko 7:32
e Rom 7:2
f Gen 24:2, 3; Dut 7:3, 4; Neh 13:25, 26; 2Ko 6:14

ISAHL. 8
g IzE 15:20, 29
h Rom 14:14; 1Ko 8:10

Uhla 2
a 1Ko 8:13; 1Ko 13:4, 5
b Dut 32:21; 2Kh 19:17, 18; Jer 16:20
c Dut 6:4; Dut 32:39
d Hu 82:1, 6; Joh 10:34, 35
e 1Ti 2:5
f Mal 2:10; Mat 23:9
g IzE 17:28; Rom 11:36
h Joh 1:1, 3; Kol 1:15, 16
i Rom 14:14
j 1Ko 10:27, 28
k Rom 14:23
l Rom 14:17
m Heb 13:9
n Rom 14:13, 20

**7:36** *Noma, “ngokuqondene nobumsulwa bakhe.” **7:37** *Noma, “ekwazi ukulawula izifiso zakhe.” #Noma, “agcine ubumsulwa bakhe.” **7:38** *Noma, “onikela ngobumsulwa bakhe emshadweni.”

ntu obuthakathaka uyalimala, umfowenu, uKristu afa ngenxa yakhe.[a] **12** Lapho nona kubafowenu ngale ndlela futhi nililimaza unembeza wabo obuthakathaka,[b] nona kuKristu. **13** Yingakho-ke uma ukudla kwenza umfowethu akhubeke ngingeke ngiphinde ngiyidle inyama, ukuze ngingamkhubi umfowethu.[c]

**9** Angikhululekile yini? Angiyena yini umphostoli? Angimbonanga yini uJesu iNkosi yethu?[d] Aniwona yini umsebenzi wami eNkosini? **2** Ngisho noma ngingeyena umphostoli kwabanye, ngokuqinisekile nginguye kini! Ngoba niwuphawu oluqinisekisa ubuphostoli bami eNkosini.

**3** Ukuzivikela kwami kulabo abangihlolayo yilokhu: **4** Sinalo ilungelo* lokudla nokuphuza, akunjalo? **5** Sinalo ilungelo lokuhamba nenkosikazi ekholwayo,[e] njengabo bonke abanye abaphostoli nabafowabo beNkosi[f] noKhefase,*[g] akunjalo? **6** Noma, ingabe yimi noBarnaba[h] kuphela abangenalo ilungelo lokuyeka umsebenzi wokuziphilisa? **7** Yiliphi isosha elike likhonze ngezindleko zalo siqu? Ubani otshala insimu yamagilebhisi kodwa angasidli isithelo sayo?[i] Noma, ubani owalusa umhlambi kodwa angaluphuzi ubisi lomhlambi?

**8** Ingabe ngikhuluma lezi zinto ngokombono wabantu? Noma ingabe uMthetho nawo awuzisho lezi zinto? **9** Ngoba kulotshiwe eMthethweni KaMose: "Ungayivali umlomo ngesifonyo inkabi lapho ibhula ukudla okusanhlamvu."[j] Ingabe yizinkabi uNkulunkulu azikhathalelayo? **10** Noma ingabe lokhu ukusho ngenxa yethu? Ngempela kwalotshwa ngenxa yethu, ngoba umuntu olimayo nomuntu obhulayo kufanele benze kanjalo benethemba lokuba badle.

**11** Uma sihlwanyele izinto ezivela kuNkulunkulu kini, kungaba kubi yini ukuthola izinto zokunakekela izidingo zethu kini?[a] **12** Uma abanye abantu benaleli lungelo phezu kwenu, asinalo yini nakakhulu thina? Noma kunjalo, thina asilisebenzisanga leli lungelo,*[b] kodwa sibekezelela zonke izinto, ukuze singaphazamisi izindaba ezinhle ezimayelana noKristu nganoma iyiphi indlela.[c] **13** Anazi yini ukuthi amadoda enza imisebenzi engcwele adla izinto zasethempelini, nokuthi lawo akhonza njalo e-altare athola okuthile okuvela e-altare?[d] **14** Ngale ndlela futhi, iNkosi yayala ukuba labo abamemezela izindaba ezinhle baphile ngezindaba ezinhle.[e]

**15** Kodwa mina angisebenzisanga nelilodwa lalawa malungiselelo.[f] Ngempela, lezi zinto angizilobelanga ukuba lokhu kwenziwe kimi, ngoba bekungaba ngcono ukuba ngife kunokuba ngivumele umuntu angiphuce isizathu sami sokuziqhayisa![g] **16** Manje uma ngimemezela izindaba ezinhle, leso akusona isizathu sokuba ngiziqhayise, ngoba nginesibopho. Empeleni, maye kimi uma ngingazimemezeli izindaba ezinhle![h] **17** Uma lokhu ngikwenza ngokuzithandela, nginomvuzo; kodwa ngisho noma ngikwenza ngingathandi, ngisenawo umsebenzi engiwuphathisiwe.[i] **18** Uyini-ke umvuzo

---

**9:4** *NgesiGreki, "igunya." **9:5** *Obuye abizwe ngokuthi uPetru.

**9:12** *NgesiGreki, "gunya."

ISAHL. 8
a Rom 14:15
b 1Ko 10:28, 29
c Mat 18:6; Rom 14:15, 21

ISAHL. 9
d IzE 9:3-5; 1Ko 15:7, 8
e Mat 19:11
f Mat 13:55; Gal 1:19
g Joh 1:42
h IzE 13:2
i Dut 20:6; IzA 27:18
j Dut 25:4; 1Ti 5:18

Uhla 2
a Rom 15:26, 27; Gal 6:6; Flp 4:15-17
b IzE 18:3; IzE 20:34; 2Th 3:7, 8
c 2Ko 6:3; 2Ko 11:7
d Lev 6:14, 16; Num 18:30, 31; Dut 18:1
e Mat 10:9, 10; Luk 10:7, 8
f IzE 18:3; IzE 20:34; 1Ko 4:11, 12; 2Th 3:8
g 2Ko 11:8-10
h Hez 3:18
i Gal 2:7; Efe 3:1, 2; Kol 1:25

wami? Uwukuthi lapho ngime-
mezela izindaba ezinhle, ngizi-
memezele ngaphandle kwenko-
khiso, ukuze ngingalisebenzisi
kabi igunya* lami ezindabeni
ezinhle.
**19** Ngoba nakuba ngikhulu-
lekile kubo bonke abantu, ngi-
ye ngazenza isigqila sabo bo-
nke, ukuze ngizuze abantu aba-
ningi ngangokunokwenzeka.
**20** KumaJuda ngaba njengom-
Juda, ukuze ngizuze amaJuda;[a]
kwabaphansi komthetho ngaba
njengophansi komthetho, na-
kuba mina ngokwami nginge-
kho phansi komthetho, ukuze
ngizuze labo abaphansi kom-
thetho.[b] **21** Kulabo abangena-
wo umthetho ngaba njengonge-
nawo umthetho, nakuba ngi-
ngeyena ongenawo umthetho
ngakuNkulunkulu kodwa ngi-
phansi komthetho ngakuKri-
stu,[c] ukuze ngizuze labo aba-
ngenawo umthetho. **22** Kwa-
babuthakathaka ngaba butha-
kathaka, ukuze ngizuze ababu-
thakathaka.[d] Ngiye ngaba yizi-
nto zonke kubantu bazo zonke
izinhlobo, ukuze ngazo zonke
izindlela ngisindise abathile.
**23** Kodwa ngenza zonke izinto
ngenxa yezindaba ezinhle, uku-
ze ngizihlanganyele nabanye.[e]
**24** Anazi yini ukuthi emnci-
ntiswaneni abagijimi bagijima
bonke, kodwa munye kuphe-
la owamukela umklomelo? Gi-
jimani ngendlela yokuba ni-
wuthole.[f] **25** Wonke umuntu
ongenela umncintiswano* uya-
zithiba ezintweni zonke. Yi-
qiniso, bona bakwenza uku-
ze bathole umqhele owonaka-
layo,[g] kodwa thina ongonakali.[h]
**26** Ngakho-ke, indlela engigiji-
ma ngayo akuyona engenanjo-
ngo;[a] indlela engiqondisa nga-
yo amagalelo ami ingeyoku-
ba ngingashayi umoya; **27** ko-
dwa ngiyawutuba* umzimba
wami[b] futhi ngiwuphatha nje-
ngesigqila, ukuze kuthi ngemva
kokuba sengishumayele kwa-
banye, mina ngokwami nginga-
bi ongamukeleki# ngandlela-
thile.

**10** Ngifuna nazi bazalwa-
ne, ukuthi okhokho be-
thu bonke babengaphansi kwe-
fu[c] futhi bonke badabula olwa-
ndle,[d] **2** bonke babhapathize-
lwa kuMose ngefu nangolwa-
ndle, **3** bonke badla uku-
dla okufanayo okungokomo-
ya,[e] **4** bonke baphuza isiphu-
zo esifanayo esingokomoya.[f]
Ngoba babephuza edwaleni eli-
ngokomoya elalibalandela, fu-
thi lelo dwala lalisho uKri-
stu.*[g] **5** Noma kunjalo, abani-
ngi babo uNkulunkulu akajabu-
langa ngabo, ngoba babulawa
ehlane.[h]
**6** Lezi zinto zaba izibone-
lo kithi, ukuze singazifisi izinto
ezilimazayo, njengoba bona ba-
zifisa.[i] **7** Ningabi abakhonza
izithombe, njengoba abanye
kubo benza; njengoba nje ku-
lotshiwe: "Abantu bahlala pha-
nsi badla baphuza. Base be-
sukuma bazijabulisa."[j] **8** Masi-
ngaziphathi kabi ngokocansi,*
njengoba abanye kubo bazipha-
tha kabi ngokocansi,* kwaphu-
mela ekufeni kwabangu-23 000
ngosuku olulodwa.[k] **9** Masi-
ngamvivinyi uJehova,* njengo-
ba abanye kubo bamvivinya,[l]
kwamane kwaphumela ekubhu-
jisweni kwabo ngezinyoka.[m]

---

**9:18** *Noma, "amalungelo." **9:25** *Noma, "Bonke abagijimi."

**9:27** *Noma, "ngiyawujezisa; ngiyawuqeqesha." #Noma, "ngingakhishwa kuwo." **10:4** *Noma, "kwakunguKristu." **10:8** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **10:9** *Bheka iSithasiselo A5.

---

ISAHL. 9
a IzE 16:3; IzE 18:18
b IzE 21:24, 26
c Joh 13:34; Gal 6:2
d Rom 14:1; Rom 15:1; 2Ko 11:29
e IzE 19:26; 1Th 2:8
f Mat 10:22; Flp 3:14; 2Ti 4:7, 8
g 2Ti 2:5
h Jak 1:12

Uhla 2
a Gal 2:2; Flp 2:16; Heb 12:1
b Rom 8:13; Kol 3:5

ISAHL. 10
c Eks 13:21
d Eks 14:21, 22
e Eks 16:14, 15
f Eks 17:6
g Num 20:11; Joh 4:10, 25
h Num 14:29; Num 14:35
i Num 11:4, 34
j Eks 32:4, 6
k Num 25:1, 9
l Dut 6:16
m Num 21:5, 6; Mat 4:7

**10** Ningabubuli, njengoba aba-
nye babo babubula,[a] kwama-
ne kwaphumela ekubhujisweni
kwabo umbhubhisi.[b] **11** Lezi
zinto zabehlela njengezibone-
lo, zalotshelwa ukuba zibe yisi-
xwayiso kithi[c] esiphila ekuphe-
leni kwale nkathi.

**12** Ngakho, lowo ocaba-
nga ukuthi umile makaqaphe-
le ukuba angawi.[d] **13** Asikho
isilingo esinifikele ngaphandle
kwalokho okuvamile kubantu.[e]
Kodwa uNkulunkulu uthembe-
kile, ngeke avumele ukuba nili-
ngwe ngaphezu kwalokho eni-
ngakuthwala,[f] kodwa kanye na-
leso silingo uyokwenza nendle-
la yokuphuma ukuze nikwazi
ukusikhuthazelela.[g]

**14** Ngakho-ke bathandekayo
bami, kubalekeleni ukukhonza
izithixo.[h] **15** Ngikhuluma nani
njengabantu abanokuqonda; zi-
nqumeleni nina ngokuqondene
nalokho engikushoyo. **16** La-
pho siphuza indebe yesibusiso
esiyibusisayo, sisuke singahla-
nganyeli yini egazini likaKri-
stu?[i] Lapho sidla isinkwa esisi-
hlephulayo, sisuke singahla-
nganyeli yini emzimbeni kaKri-
stu?[j] **17** Ngenxa yokuthi isi-
nkwa sinye, nathi, nakuba si-
baningi, siwumzimba owodwa,[k]
ngoba sonke sidla leso sinkwa
esisodwa.

**18** Bhekani u-Israyeli nge-
ndlela engokwenyama: Labo
abadla imihlatshelo ababona
yini abahlanganyeli kanye ne-
altare?[l] **19** Yini-ke engiyisho-
yo? Ngithi lokho okuhlatshelwe
isithixo kuwutho, noma ngithi
isithixo siwutho? **20** Cha; ko-
dwa ngithi lokho izizwe ezi-
kwenza umhlatshelo, zikuhla-
bela amademoni hhayi uNku-
lunkulu;[m] angifuni ukuba nibe
abahlanganyeli namademoni.[n]
**21** Anikwazi ukuphuza inde-
be kaJehova* nibe niphuza
indebe yamademoni; anikwa-
zi ukudla "etafuleni likaJeho-
va"*[a] nibe nidla etafuleni lama-
demoni. **22** Noma 'ingabe se-
nza uJehova* abe nesikhwe-
le'?[b] Asinamandla kunaye, aku-
njalo?

**23** Zonke izinto zingokom-
thetho,* kodwa akuzona zonke
izinto eziwusizo. Zonke izinto
zingokomthetho, kodwa akuzo-
na zonke izinto ezakhayo.[c]
**24** Yilowo nalowo makangazi-
funeli inzuzo yakhe siqu, ko-
dwa eyomunye umuntu.[d]

**25** Yidlani noma yini ethe-
ngiswa emakethe yenyama, ni-
ngabuzi lutho ngenxa kanembe-
za wenu, **26** ngoba "umhlaba
nakho konke okukuwo kungo-
kukaJehova."*[e] **27** Uma umu-
ntu ongakholwa enimema futhi
nithanda ukuya, yidlani noma
yini ebekwa phambi kwenu, ni-
ngabuzi lutho ngenxa kanembe-
za wenu. **28** Kodwa uma othi-
le ethi kini: "Lokhu bekwe-
nziwe umhlatshelo," ningadli
ngenxa yalowo onitshelile na-
ngenxa kanembeza.[f] **29** Angi-
sho unembeza wakho, kodwa
owalowo omunye umuntu. Ngo-
ba kungani kufanele inkululeko
yami yahlulelwe unembeza wo-
munye umuntu?[g] **30** Uma ngi-
dla ngokubonga, kungani ku-
mele ngihlanjalazwe ngalokho
engibongayo ngakho?[h]

**31** Ngakho-ke, kungakha-
thaliseki ukuthi niyadla noma
niyaphuza noma nenza noma
yini enye, zonke izinto zenze-
leni inkazimulo kaNkulunkulu.[i]
**32** Gwemani ukuba yizimba-
ngela zokukhubeka kumaJu-
da nakumaGreki nasebandleni
likaNkulunkulu,[j] **33** njengoba

---

10:21, 22, 26 *Bheka iSithasiselo A5.
10:23 *Noma, "zivumelekile."

ISAHL. 10
a Num 14:2
b Num 14:36, 37
c Rom 15:4
d IzA 28:14; Luk 22:33, 34; Gal 6:1
e 1Pe 5:8, 9
f Luk 22:31, 32; 2Pe 2:9
g Isay 40:29; Flp 4:13
h Dut 4:25, 26; 2Ko 6:17; 1Jo 5:21
i Mat 26:27, 28
j Mat 26:26; Luk 22:19; 1Ko 12:18
k Rom 12:5
l Lev 7:15
m Dut 32:17
n Jud 6

Uhla 2
a Hez 41:22; Mal 1:12
b Eks 34:14; Dut 32:21
c Rom 14:19; Rom 15:2
d 1Ko 10:32, 33; 1Ko 13:4, 5; Flp 2:4
e Hu 24:1; 1Ti 4:4
f 1Ko 8:7, 10
g Rom 14:15, 16; 1Ko 8:12
h Rom 14:6; 1Ti 4:3
i Mat 5:16; Kol 3:17
j Rom 14:13; 1Ko 8:13; 2Ko 6:3

nje nami ngizama ukujabuli-
sa bonke abantu ezintweni zo-
nke, ngingafuni ukuzizuzisa
mina,[a] kodwa ukuzuzisa abani-
ngi, ukuze basindiswe.[b]

11 Yibani abalingisi bami,
njengoba nje nami ngi-
ngumlingisi kaKristu.[c]

2 Ngiyanincoma ngoba ezi-
ntweni zonke niyangikhumbula
futhi nibambelele ngokuqinile
ezimfundisweni njengoba nje
ngazidlulisela kini. 3 Kodwa
ngifuna nazi ukuthi inhloko
yawo wonke amadoda uKristu;[d]
nenhloko yowesifazane yindo-
da;[e] nenhloko kaKristu uNkulu-
nkulu.[f] 4 Yileyo naleyo ndoda
ethandaza noma iprofethe ino-
kuthile ekhanda ihlazisa inhlo-
ko yayo; 5 kodwa yilowo na-
lowo wesifazane othandaza
noma aprofethe[g] ikhanda lakhe
lingamboziwe uhlazisa inhlo-
ko yakhe, ngoba kuyafana no-
kuthi ungowesifazane ophuce
ikhanda. 6 Ngoba uma owe-
sifazane engazimbozi, kufane-
le agunde izinwele; kodwa uma
kuyichilo ngowesifazane ukuba
agunde noma aphuce, kufanele
azimboze.

7 Ngoba indoda akufanele
imboze ikhanda, njengoba ingu-
mfanekiso[h] nenkazimulo ka-
Nkulunkulu, kodwa owesifa-
zane uyinkazimulo yendoda.
8 Ngoba indoda ayivelanga ko-
wesifazane, kodwa owesifazane
wavela endodeni.[i] 9 Ngaphezu
kwalokho, indoda ayidalwanga
ngenxa yowesifazane, kodwa
owesifazane wadalwa ngenxa
yendoda.[j] 10 Yingakho owesi-
fazane kufanele abe nophawu
lwegunya ekhanda lakhe nge-
nxa yezingelosi.[k]

11 Ngaphandle kwalokho,
eNkosini, owesifazane nge-
ke abe khona ngaphandle kwe-
ndoda nendoda ngeke ibe kho-
na ngaphandle kowesifazane.
12 Ngoba njengoba nje owesi-
fazane evela endodeni,[a] kanja-
lo nendoda ikhona ngowesifa-
zane; kodwa zonke izinto zivela
kuNkulunkulu.[b] 13 Yahlulela-
ni nina: Ingabe kufanele ngo-
wesifazane ukuba athandaze
kuNkulunkulu ikhanda linga-
mboziwe? 14 Imvelo ngokwa-
yo ayinifundisi yini ukuthi izi-
nwele ezinde ziyihlazo endode-
ni, 15 kodwa uma owesifaza-
ne enezinwele ezinde kuyinka-
zimulo kuye? Ngoba unikwe
izinwele zakhe esikhundleni
sesembozo. 16 Nokho, uma
noma ubani efuna ukuphiki-
sa avune enye inqubo, asina-
yo enye, namabandla kaNkulu-
nkulu awanayo.

17 Kodwa nakuba nginike-
za lezi ziyalo, angininconi ngo-
ba nihlangana ndawonye nge-
njongo yokubi, hhayi ngenjo-
ngo yokuhle. 18 Ngoba oko-
kuqala, ngizwa kuthiwa lapho
nihlangana ndawonye ebandle-
ni, kuba nokuhlukana phakathi
kwenu; ngezinga elithile ngi-
yakukholwa lokho. 19 Ngoba
nakanjani kuzoba khona ama-
qembu enkolo* phakathi kwe-
nu,[c] ukuze kubonakale ukuthi
obani kini abamukelwa uNku-
lunkulu.

20 Lapho nihlangana nda-
wonye, kusuke kungekho-
na ngempela ukuba nidle
iSidlo SeNkosi Sakusihlwa.[d]
21 Ngoba lapho nisidla, yilowo
nalowo uzidlela esakhe isidlo
sakusihlwa kusengaphambili,
kangangokuthi omunye ula-
mbile kodwa omunye udakiwe.
22 Aninazo yini izindlu zoku-
dlela nokuphuza? Noma inga-
be niyalidelela ibandla likaNku-

11:19 *Noma, "ukwahlukana." Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

ISAHL. 10
a Rom 15:2; Flp 2:4
b 1Ko 9:22

ISAHL. 11
c Flp 3:17; 2Th 3:9
d Rom 14:9; Efe 4:15; Kol 2:10
e Efe 5:23; 1Pe 3:1
f 1Ko 15:27, 28
g Jow 2:28; IzE 21:8, 9
h Gen 1:27
i Gen 2:22, 23
j Gen 2:18
k 1Ko 4:9

Uhla 2
a Gen 2:21, 22
b 1Ko 8:6
c IzE 20:29, 30; 1Ko 1:12; 1Ti 4:1; 2Pe 2:1
d Luk 22:19, 20

lunkulu nenze labo abangena-
lutho bahlazeke? Yini engi-
ngayisho kini? Ingabe kufane-
le ngininncome? Kulokhu angini-
ncomi.

**23** Ngoba ngakwamukela
eNkosini lokho engakudlulise-
la nakini, ukuthi iNkosi uJe-
su ngobusuku[a] eyayizonike-
lwa ngabo yathatha isinkwa,
**24** ngemva kokubonga, yasi-
hlephula yathi: "Lokhu ku-
sho umzimba wami[b] ozonike-
lwa ngenxa yenu. Qhubekani
nikwenza lokhu ningikhumbu-
la."[c] **25** Yenza okufanayo na-
ngendebe,[d] ngemva kokudla isi-
dlo sakusihlwa, yathi: "Le nde-
be isho isivumelwano esisha[e]
esenziwa ngegazi lami.[f] Qhu-
bekani nikwenza lokhu, noma
nini lapho niyiphuza, njenge-
sikhumbuzo sami."[g] **26** Ngo-
ba noma nini lapho nidla lesi
sinkwa futhi niphuza le nde-
be, nimemezela ukufa kweNko-
si, ize ifike.

**27** Ngakho, noma ubani odla
isinkwa noma aphuze indebe
yeNkosi ngokungafanele uyoba
necala ngokuqondene nomzi-
mba negazi leNkosi. **28** Umu-
ntu makazihlolisise[h] kuqala
ukuze aqiniseke ngokuthi lo-
kho akwenzayo kulungile yini,
kungemva kwalokho kuphela
lapho engadla khona isinkwa
futhi aphuze indebe. **29** Ngo-
ba lowo odlayo futhi aphuze
engawuqondi umzimba, udla
futhi aphuze isahlulelo esi-
mlahlayo. **30** Yingakho abani-
ngi phakathi kwenu bebuthaka-
thaka futhi begula nabaninga-
na befile.*[i] **31** Kodwa uma be-
singakuqonda lokho thina ngo-
kwethu esiyikho, besingeke sa-
hlulelwe. **32** Nokho, lapho sa-
hlulelwa, sisuke siyalwa uJe-
hova,*[a] ukuze singalahlwa ka-
nye nezwe.[b] **33** Ngenxa yalo-
kho bazalwane, lapho nihlanga-
na ndawonye ukuze nisidle, li-
ndanani. **34** Uma umuntu ela-
mbile, makadle ekhaya, ukuze
lapho nihlangana ndawonye ni-
ngahlanganeli ukwahlulelwa.[c]
Kodwa izindaba ezisele ngizozi-
hlela uma ngifika lapho.

**12** Ngokuphathelene nezi-
pho ezingokomoya[d] bafo-
wethu, angifuni ukuba ninga-
bi nalwazi. **2** Niyazi uku-
thi lapho nisengabantu be-
zizwe,* nathonywa futhi na-
holelwa kulezo zithixo ezinga-
khulumi,[e] niya noma kuphi la-
pho zingase ziniholele kho-
na. **3** Ngithanda ukuba nazi
ukuthi akekho umuntu onga-
thi ekhuluma ngomoya kaNku-
lunkulu athi: "UJesu uqale-
kisiwe!" futhi akekho umuntu
ongathi: "UJesu uyiNkosi!" ku-
ngengomoya ongcwele.[f]

**4** Kukhona izipho ezihluka-
hlukene, kodwa kukhona umo-
ya owodwa;[g] **5** kukhona izi-
nkonzo ezihlukahlukene,[h] no-
kho kukhona iNkosi eyodwa;
**6** kukhona imisebenzi ehlu-
kahlukene, nokho uNkulu-
nkulu oyedwa owenza yo-
nke imisebenzi kubo bo-
nke abantu.[i] **7** Kodwa uku-
bonakaliswa komoya kunikwa
lowo nalowo ngenjongo ene-
nzuzo.[j] **8** Ngoba omunye uni-
kwe inkulumo* yokuhlakanipha
ngomoya, omunye inkulumo yo-
lwazi ngawo lowo moya,
**9** omunye ukholo[k] ngawo lowo
moya, omunye izipho zoku-
phulukisa[l] ngawo lowo moya
owodwa, **10** omunye ukwenza

ISAHL. 11
a Mat 26:20; Luk 22:14
b Mat 26:26; Mar 14:22; Rom 7:4; 1Ko 10:17
c Luk 22:19
d Mat 26:27; Mar 14:23; 1Ko 10:16
e Jer 31:31; Heb 8:8; Heb 9:15
f Luk 22:20; Heb 9:13, 14; 1Pe 1:18, 19
g Eks 12:14
h 2Ko 13:5
i 1Th 5:6

Uhla 2
a Heb 12:5
b 2Pe 2:20; 2Pe 3:7
c 1Ko 11:29

ISAHL. 12
d 1Ko 14:1
e Hu 115:5; Hab 2:18; 1Ko 8:4; Gal 4:8; 1Th 1:9
f 1Jo 4:2, 3
g Efe 4:4
h Efe 4:11
i 1Pe 4:11
j 1Ko 14:26
k 1Ko 13:2
l IzE 3:5-8; IzE 28:8, 9

**11:30** *Ngokusobala kubhekiselwa ekufeni ngokomoya.

**11:32** *Bheka iSithasiselo A5. **12:2** *Okuwukuthi, ningakakholwa. **12:8** *Noma, "umyalezo."

imisebenzi yamandla,[a] omunye
ukuprofetha, omunye ukuqo-
nda izinkulumo eziphefumule-
lwe,[b] omunye izilimi ezihluka-
hlukene,[c] kanti omunye ukucha-
za izilimi.[d] **11** Kodwa yonke le
misebenzi yenziwa yiwo lowo
moya, wabela lowo nalowo ngo-
kwahlukana njengoba nje utha-
nda.

**12** Ngoba njengoba nje
umzimba umunye kodwa una-
malunga amaningi, futhi wo-
nke amalunga alowo mzimba
engumzimba owodwa naku-
ba emaningi,[e] unjalo noKri-
stu. **13** Ngoba ngomoya owo-
dwa sonke sabhapathizwa uku-
ze sibe umzimba owodwa, ku-
ngakhathaliseki ukuthi singa-
maJuda noma singamaGreki,
kungakhathaliseki ukuthi siyi-
zigqila noma sikhululekile, so-
nke senziwa ukuba siphuze
umoya owodwa.

**14** Ngoba ngempela umzi-
mba awakhiwa ilunga elilodwa,
kodwa wakhiwa amalunga ama-
ningi.[f] **15** Uma unyawo belu-
ngathi, "Ngenxa yokuthi angi-
sona isandla, angiyona ingxe-
nye yomzimba," lokho akulwe-
nzi lungabi ingxenye yomzi-
mba. **16** Uma indlebe ibinga-
thi, "Ngenxa yokuthi angilona
iso, angiyona ingxenye yomzi-
mba," lokho akuyenzi ingabi
ingxenye yomzimba. **17** Uku-
be wonke umzimba ubuyiso,
besiyozwa ngani? Ukube wo-
nke ubuwukuzwa, besiyoho-
gela ngani? **18** Kodwa manje
uNkulunkulu uye wahlela ilu-
nga lomzimba ngalinye nge-
ndlela athanda ngayo.

**19** Ukube wonke ebeyilu-
nga elifanayo, umzimba ubu-
yoba kuphi? **20** Kodwa manje
angamalunga amaningi, nokho
angumzimba owodwa. **21** Iso
alinakusho esandleni ukuthi,
"Angikudingi," nekhanda alina-
kusho ezinyaweni ukuthi,
"Anginidingi." **22** Ngokupha-
mbene nalokho, amalunga
omzimba abonakala sengathi
abuthakathaka kakhudlwana
ayadingeka, **23** nezingxenye
zomzimba esicabanga ukuthi
azihloniphekile kangako, yizo
esizibonisa udumo nakakhulu,[a]
ngakho izingxenye zethu ezi-
ngakhangi kakhulu zihloniphe-
ka nakakhulu, **24** kuyilapho
izingxenye zethu ezikhangayo
zingadingi lutho. Noma kunja-
lo, uNkulunkulu wawuhlanga-
nisa umzimba, eyinika udumo
olukhulu nakakhulu leyo ngxe-
nye eyayintula, **25** ukuze ku-
ngabikho ukuhlukana emzi-
mbeni, kodwa amalunga awo
anakekelane.[b] **26** Uma ilunga
elilodwa lihlupheka, wonke
amanye amalunga ahlupheka
kanye nalo;[c] noma uma ilunga
likhazinyuliswa, wonke ama-
nye amalunga ajabula kanye
nalo.[d]

**27** Nina niwumzimba kaKri-
stu,[e] ngamunye kini uyilunga.[f]
**28** UNkulunkulu wabele aba-
hlukahlukene ebandleni: oko-
kuqala, abaphostoli;[g] okwesibi-
li, abaprofethi;[h] okwesithathu,
abafundisi;[i] bese kuba imise-
benzi yamandla;[j] bese kuba
izipho zokuphulukisa;[k] izinko-
nzo eziwusizo; amakhono oku-
qondisa;[l] izilimi ezihlukahluke-
ne.[m] **29** Akubona bonke aba-
ngabaphostoli, akunjalo? Aku-
bona bonke abangabaprofe-
thi, akunjalo? Akubona bo-
nke abangabafundisi, akunja-
lo? Akubona bonke abenza
imisebenzi yamandla, akunja-
lo? **30** Akubona bonke aba-
neziphiwo zokuphulukisa, aku-
njalo? Akubona bonke abakhu-
luma ngezilimi, akunjalo?[n]

**ISAHL. 12**
*a* Heb 2:3, 4
*b* 1Jo 4:1
*c* IzE 10:45, 46; 1Ko 14:18
*d* 1Ko 14:26
*e* Rom 12:4, 5
*f* Efe 4:16

**Uhla 2**
*a* Gen 3:7, 21
*b* Rom 12:10; Gal 6:2; Efe 4:25
*c* Heb 13:3
*d* Rom 12:15
*e* Efe 1:22, 23
*f* Rom 12:4, 5
*g* Efe 2:20
*h* IzE 13:1
*i* Efe 4:11
*j* Gal 3:5
*k* IzE 5:16
*l* Heb 13:17
*m* IzE 2:6, 7
*n* 1Ko 14:4

Akubona bonke abangotolika,*
akunjalo?[a] **31** Kodwa qhube-
kani nifuna* iziphiwo ezinku-
lu kunalezi.[b] Nokho ngizonibo-
nisa indlela ezidlula zonke.[c]

**13** Uma ngikhuluma ngezili-
mi zabantu nezezingelo-
si kodwa ngingenalo utha-
ndo, ngiyobe ngiyinsimbi ye-
thusi enomsindo noma insimbi
ekhencezayo. **2** Uma nginesi-
phiwo sokuprofetha futhi ngi-
ziqonda zonke izimfihlo ezi-
ngcwele nalo lonke ulwazi,[d]
uma nginalo lonke ukholo uku-
ze ngigudluze* izintaba, ko-
dwa ngingenalo uthando, angi-
lutho.#[e] **3** Uma nginikela nga-
kho konke enginakho ukuze
kondliwe abanye,[f] uma ngini-
kela ngomzimba wami ukuze
ngiziqhayise, kodwa ngingena-
lo uthando,[g] angizuzi lutho
nhlobo.

**4** Uthando[h] luyabekezela[i] fu-
thi lunomusa.[j] Uthando alu-
namona.[k] Aluzigabisi, aluzikhu-
khumezi,[l] **5** aluziphathi ngo-
kuhlazisayo,*[m] aluzifuneli izi-
nzuzo zalo,[n] alucasuki.[o] Alu-
namagqubu.[p] **6** Alujabuli ngo-
kungalungi,[q] kodwa lujabulela
iqiniso. **7** Lubekezelela zonke
izinto,[r] lukholelwa yizo zonke
izinto,[s] luthemba zonke izinto,[t]
lukhuthazelela zonke izinto.[u]

**8** Uthando alusoze lwaphe-
la nanini. Kodwa uma kukho-
na izipho zokuprofetha, ziyo-
qedwa; uma kukhona izilimi,*
ziyophela; uma kukhona ulwa-
zi, luyoqedwa. **9** Ngoba sino-
lwazi oluyingxenye[v] futhi si-
profetha ingxenye, **10** kodwa
lapho lokho okuphelele ku-
fika, lokho okuyingxenye ku-
yophela. **11** Ngesikhathi ngi-
seyingane, ngangikhuluma nje-
ngengane, ngicabanga njenge-
ngane, ngisebenzisa ingqondo
njengengane; kodwa njengoba
sengiyindoda, sengizilahlile izi-
ci zobungane. **12** Ngoba ma-
nje sibona kalufifi* ngesibu-
ko sensimbi, kodwa ngaleso
sikhathi kuyoba ubuso nobu-
so. Okwamanje ngazi ingxenye,
kodwa ngaleso sikhathi ngiyo-
kwazi ngokunembile,# njengo-
ba nje nami ngaziwa ngokune-
mbile. **13** Nokho, manje kuse-
le lokhu okuthathu: ukholo,
ithemba, uthando; kodwa oku-
khulu kunakho konke kulezi zi-
nto uthando.[a]

**14** Phishekelani uthando,
nokho niqhubeke nilwe-
la ukuthola* iziphiwo ezingoko-
moya, kodwa okungcono uku-
ba niprofethe.[b] **2** Ngoba okhu-
luma ngolunye ulimi akakhu-
lumi nabantu, kodwa ukhulu-
ma noNkulunkulu, ngoba ake-
kho olalelayo,[c] kodwa ukhulu-
ma izimfihlo ezingcwele[d] ngo-
moya. **3** Nokho, lowo opro-
fethayo wakha, akhuthaze fu-
thi aduduze abantu ngenkulu-
mo yakhe. **4** Lowo okhuluma
ngolunye ulimi uzakha yena,
kodwa lowo oprofethayo wa-
kha ibandla. **5** Manje nginga-
thanda ukuba nonke nikhulu-
me ngezilimi,[e] kodwa ngikhe-
tha ukuba niprofethe.[f] Ngempe-
la, oprofethayo mkhulu kuna-
lowo okhuluma ngezilimi, nga-
phandle-ke uma etolika,* uku-
ze ibandla lakheke. **6** Kodwa
ngalesi sikhathi bazalwane,
uma ngingeza kini ngikhuluma

ISAHL. 12
a 1Ko 14:5
b 1Ko 14:1
c 1Ko 13:8

ISAHL. 13
d 1Ko 12:8
e 1Jo 4:20
f Mat 6:2
g 2Ko 9:7
h 1Jo 4:8
i 1Th 5:14
j Rom 13:10, Efe 4:32
k Gal 5:26
l 1Pe 5:5
m Rom 13:13, 1Ko 14:40
n 1Ko 10:24, Flp 2:4
o Mat 5:39, Jak 1:19
p Efe 4:32, Kol 3:13
q Rom 12:9
r 1Pe 4:8
s IzE 17:11
t Rom 8:25, Rom 12:12
u 1Th 1:3
v IzA 4:18

Uhla 2
a Mat 22:37, Rom 13:10

ISAHL. 14
b 1Th 5:20
c 1Ko 14:5
d 1Ko 13:2
e 1Ko 12:30
f Jow 2:28, IzE 2:17, IzE 21:8, 9

**12:30** *Noma, "abangabahumushi." **12:31; 14:1** *Noma, "nifuna ngentshisekо." **13:2** *Noma, "ngisuse." #Noma, "angiyinto yalutho." **13:5** *Noma, "aludeleli; aluhlambalazi." **13:8** *Okuwukuthi, ukukhuluma ngezinye izilimi ngokuyisimangaliso.

**13:12** *Noma, "ngendlela engacacile." #Noma, "ngokugcwele." **14:5** *Noma, "ehumusha."

ngezinye izilimi, buhle buni
engiyobe nginenzela bona nga-
phandle uma ngikhuluma kini
ngesambulo[a] noma ngolwazi[b]
noma ngesiprofetho noma nge-
mfundiso?

**7** Kungokufanayo nangezi-
nto ezingaphili ezikhipha umsi-
ndo, kungaba umtshingo noma
ihabhu. Ngaphandle kokuba
kube nezikhawu emisindwe-
ni, kuzokwaziwa kanjani lokho
okudlalwa ngomtshingo noma
ngehabhu? **8** Ngoba uma ici-
longo likhipha umsindo onga-
qondakali, ubani oyolungela
ukulwa? **9** Ngendlela efana-
yo, ngaphandle kokuba ni-
khulume inkulumo eqondaka-
la kalula, umuntu uyokwazi
kanjani lokho okukhulunywa-
yo? Eqinisweni, niyobe nikhu-
luma emoyeni. **10** Kungenze-
ka ukuthi kukhona izilimi ezi-
ningi ezikhulunywa emhlabe-
ni, kodwa noma kunjalo alukho
olungenayo incazelo. **11** Ngo-
ba uma ngingaluqondi ulimi,
ngiyoba owesinye isizwe kulo-
wo okhulumayo, nalowo okhu-
lumayo uyoba owesinye isi-
zwe kimi. **12** Kungokufanayo
nangani, njengoba nizifisa nge-
ntshiseko iziphiwo zomoya,
funani ukuba nibe nezipho ezi-
ningi ezizokwakha ibandla.[c]

**13** Ngakho-ke okhuluma
ngolunye ulimi makathandaze-
le ukuba atolike.*[d] **14** Ngoba
uma ngithandaza ngolunye uli-
mi, yisiphiwo sami somoya
esithandazayo, kodwa ingqo-
ndo yami ayiqondi. **15** Kho-
na-ke yini ezokwenziwa? Ngi-
zothandaza ngesiphiwo somo-
ya, kodwa ngizothandaza na-
ngengqondo yami futhi. Ngi-
zohlabelela ingoma yokudumi-
sa ngesiphiwo somoya, kodwa
ngizohlabelela ingoma yokudu-
misa nangengqondo yami futhi.
**16** Uma kungenjalo, uma udu-
misa ngesiphiwo somoya, umu-
ntu ovamile ophakathi kwenu
uzosho kanjani ukuthi "Amen"
ekubongeni kwakho, njengoba
engakwazi lokho okushoyo?
**17** Yiqiniso, ubonga ngendle-
la enhle, kodwa lona omunye
umuntu akakhiwa. **18** Ngiya-
mbonga uNkulunkulu ngokuthi
mina ngikhuluma ngezilimi ezi-
ningi kunani nonke. **19** Noma
kunjalo, ebandleni ngingamane
ngikhulume amazwi amahlanu
ngengqondo yami,* ukuze ngi-
fundise abanye,# esikhundleni
samazwi ayizinkulungwane ezi-
yishumi ngolunye ulimi.[a]

**20** Bazalwane, ningabi aba-
ntwana endleleni eniqonda
ngayo,[b] kodwa yibani izi-
ngane ngokuqondene nobu-
bi;[c] nibe abakhule ngokugcwe-
le endleleni eniqonda ngayo.[d]
**21** EMthethweni kulotshiwe:
"'Ngizokhuluma nalesi sizwe
ngezilimi zezinye izizwe nange-
zindebe zezihambi, kodwa ngi-
sho nangaleso sikhathi ngeke
singilalele,' kusho uJehova."*[e]
**22** Ngakho ukukhuluma ngezi-
limi okokwenza abangakholwa
bakholwe, hhayi ukufundisa
amakholwa,[f] kanti isiprofetho
akusona esabangewona ama-
kholwa, kodwa esamakholwa.
**23** Ngakho uma lonke ibandla
lihlangana ndawonye endaweni
eyodwa futhi lonke likhulume
ngezinye izilimi, bese kunge-
na abantu abavamile noma aba-
ngewona amakholwa, ngeke
yini bathi niyahlanya? **24** Ko-
dwa uma nonke niprofetha
bese kungena umuntu ongelo-
na ikholwa noma umuntu ova-

**14:13** *Noma, "ahumushe."

**14:19** *Noma, "ngokuqonda." #Noma, "ngifundise abanye ngomlomo." **14:21** *Bheka iSithasiselo A5.

ISAHL. 14
a Gal 1:11, 12; Gal 2:2
b 1Ko 12:8
c 1Ko 12:7; 1Ko 14:4, 26
d 1Ko 12:8, 10; 1Ko 14:5

Uhla 2
a 1Ko 14:4
b Efe 4:14
c Rom 16:19
d Heb 5:13, 14
e Isay 28:11, 12
f IzE 2:4, 13

mile, uyosolwa futhi ahlolisi-
swe yibo bonke. **25** Izinto ezi-
fihlekile ezisenhliziyweni ya-
khe zibe sezibonakala, kanga-
ngokuba uyowa ngobuso akho-
nze uNkulunkulu, athi: “Nge-
mpela uNkulunkulu uphakathi
kwenu.”[a]

**26** Khona-ke, yini okume-
le yenziwe bazalwane? Lapho
nihlangana ndawonye, omunye
unehubo, omunye unemfundi-
so, omunye unesambulo, omu-
nye unolunye ulimi, omunye
unencazelo.[b] Zonke izinto ma-
zenzeke ngenjongo yokwa-
kha. **27** Uma omunye ekhu-
luma ngolunye ulimi, maku-
be ababili noma abathathu ku-
phela, nabo badedelane, omu-
nye atolike.*[c] **28** Kodwa uma
engekho utolika,* kumele athu-
le ebandleni, azikhulumele ye-
dwa futhi akhulume noNkulu-
nkulu. **29** Makukhulume aba-
profethi[d] ababili noma abatha-
thu, abanye bathole incazelo.
**30** Kodwa uma omunye etho-
la isambulo ngesikhathi ehlezi
lapho, isikhulumi sokuqala ma-
sithule. **31** Ngoba nonke ni-
ngakwazi ukuprofetha, umu-
ntu oyedwa ngesikhathi, uku-
ze bonke bafunde futhi ba-
khuthazwe.[e] **32** Iziphiwo zo-
moya zabaprofethi kumele zila-
wulwe abaprofethi. **33** Ngoba
uNkulunkulu unguNkulunkulu
wokuthula akayena owesiyalu-
yalu.[f]

Njengakuwo wonke amaba-
ndla abangcwele, **34** abesifa-
zane mabathule emabandleni,
ngoba akuvunyelwe ukuba ba-
khulume.[g] Kunalokho mabazi-
thobe,[h] njengoba nje noMthe-
tho usho. **35** Uma befuna
ukufunda okuthile, mababuze
abayeni babo emakhaya, ngoba
kuyihlazo ngowesifazane uku-
ba akhulume ebandleni.

**36** Ingabe izwi likaNkulu-
nkulu laphuma kini, noma inga-
be lafinyelela kini kuphela?

**37** Uma umuntu ecabanga
ukuthi ungumprofethi noma
ukuthi unesiphiwo somoya, ku-
mele avume ukuthi izinto engi-
nilobela zona ziwumyalo we-
Nkosi. **38** Kodwa uma umuntu
engakunaki lokhu, naye ngeke
anakwe.* **39** Ngakho bazalwa-
ne, qhubekani nilwela ukupro-
fetha,[a] kodwa ningakwenqabe-
li ukukhuluma ngezinye izilimi.[b]
**40** Kodwa zonke izinto maze-
nzeke ngendlela efanele nango-
kuhleleka.*[c]

**15** Manje bazalwane ngini-
khumbuza ngezindaba
ezinhle engazimemezela kini,[d]
enazamukela nani futhi eni-
mi niqinile kuzo. **2** Ngazo ni-
phinde nisindiswe uma niziba-
mbe naziqinisa izindaba ezi-
nhle engazimemezela kini, nga-
phandle uma naba amakholwa
ngokungenanjongo.

**3** Ngoba phakathi kwezinto
zokuqala engazidlulisela kini
yilokho nami engakwamukela,
ukuthi ngokwemiBhalo uKristu
wafela izono zethu;[e] **4** noku-
thi wangcwatshwa,[f] yebo, uku-
thi ngokwemiBhalo wavuswa[g]
ngosuku lwesithathu;[h] **5** no-
kuthi wabonakala kuKhefa-
se,*[i] kwase kuba kwabayiShu-
mi Nambili.#[j] **6** Ngemva kwa-
lokho wabonakala kubazalwa-
ne abangaphezu kuka-500 nge-
sikhathi esisodwa,[k] abaningi
kubo basekanye nathi, nakuba

ISAHL. 14
a Isay 45:14; Zak 8:23
b 1Ko 12:8, 10
c 1Ko 14:5
d IzE 13:1
e Heb 10:24, 25
f 1Ko 14:40; Kol 2:5
g 1Ti 2:11, 12
h 1Ko 11:3; Efe 5:22; Kol 3:18; Tit 2:5; 1Pe 3:1

Uhla 2
a 1Th 5:20
b 1Ko 14:27
c 1Ko 14:33; Kol 2:5

ISAHL. 15
d IzE 18:1, 11
e Hu 22:15; Isay 53:8, 12; Dan 9:26; 1Pe 2:24
f Isay 53:9; Mat 27:59, 60
g Mat 28:7
h Hu 16:10; Jon 1:17; Luk 24:46
i Mat 10:2; Luk 24:33, 34
j Joh 20:26
k Mat 28:16, 17

**14:27** *Noma, “ahumushe.” **14:28** *Noma, “umhumushi.”
**14:38** *Noma kungaba, “uma umuntu engenalwazi, uyoqhubeka engenalwazi.”
**14:40** *Noma, “nangendlela ehlelekile.”
**15:5** *Obuye abizwe ngokuthi uPetru. #Okuwukuthi, abaphostoli abangu-12.

abanye sebashona. **7** Ngemva
kwalokho wabonakala kuJako-
be,[a] kwase kuba kubo bonke
abaphostoli.[b] **8** Kodwa eku-
gcineni kwabo bonke wabo-
nakala nakimi[c] njengokungathi
kozelwe ngaphambi kwesikha-
thi.

**9** Ngoba ngingomncane ku-
nabo bonke abaphostoli, angi-
faneleki ukubizwa ngompho-
stoli, ngenxa yokuthi ngashu-
shisa ibandla likaNkulunkulu.[d]
**10** Kodwa ngomusa omkhulu
kaNkulunkulu ngiyilokhu engi-
yikho. Umusa wakhe omkhu-
lu kimi awuzange ube yize,
kodwa ngashikashikeka ukuba-
dlula bonke; nokho kwakunge-
mina, kodwa kwakuwumusa
omkhulu kaNkulunkulu okimi.
**11** Ngakho, kungakhathaliseki
ukuthi yimi noma yibo, thina
sishumayela kanjena, nani na-
kholwa kanjena.

**12** Uma kushunyayelwa
ngokuthi uKristu uvusiwe kwa-
bafile,[e] basho kanjani abanye
phakathi kwenu ukuthi alu-
kho uvuko lwabafile? **13** Uma
ngempela lungekho uvuko lwa-
bafile, kusho ukuthi noKristu
akavusiwe. **14** Kodwa uma
uKristu engavusiwe, ukushu-
mayela kwethu ngokuqiniseki-
le kuyize, nokholo lwenu lu-
yize. **15** Ngaphezu kwalokho,
sitholakala singofakazi baka-
Nkulunkulu bamanga,[f] ngo-
ba sinikeze ubufakazi ngoNku-
lunkulu lapho sithi wamvusa
uKristu,[g] lowo angamvusanga
uma ngempela abafile bengeke
bavuswe. **16** Ngoba uma aba-
file bengeke bavuswe, noKri-
stu akazange avuswe. **17** Nga-
phezu kwalokho, uma uKri-
stu engavuswanga, ukholo lwe-
nu alunamsebenzi; niqhubeka
nisezonweni zenu.[h] **18** Nala-
bo asebafa bemunye noKristu
ngeke baphinde babe khona.[a]
**19** Uma siye sathembela ku-
Kristu kulokhu kuphila kuphe-
la, singabokudatshukelwa ku-
nabo bonke abantu.

**20** Kodwa manje uKristu
usevusiwe kwabafile, ulibo lwa-
labo asebafa.[b] **21** Ngoba nje-
ngoba ukufa kweza ngomuntu,[c]
novuko lwabafile luza ngomu-
ntu.[d] **22** Ngoba njengoba nje
bonke befa ku-Adamu,[e] kanjalo
nakuKristu bonke bayokwenzi-
wa baphile.[f] **23** Kodwa yilowo
nalowo esigabeni sakhe: UKri-
stu ulibo,[g] kamuva kube yi-
labo abangabakaKristu pha-
kathi nokuba khona kwakhe.[h]
**24** Ngemva kwalokho, kube
ukuphela, lapho enikela uMbu-
so kuNkulunkulu wakhe noYi-
se, lapho esebenze ize bo-
nke ohulumeni nalo lonke igu-
nya namandla.[i] **25** Ngoba ku-
mele abuse njengenkosi kuze
kube yilapho uNkulunkulu ese-
beke zonke izitha ngaphansi
kwezinyawo zakhe.[j] **26** Isitha
sokugcina, ukufa, kuzokwe-
nziwa ize.[k] **27** Ngoba uNkulu-
nkulu "wabeka zonke izinto
ngaphansi kwezinyawo zakhe."[l]
Kodwa uma ethi 'zonke izi-
nto zibekwe ngaphansi,'[m]
kusobala ukuthi lokhu aku-
hlanganisi Lowo owabeka zo-
nke izinto ngaphansi kwakhe.[n]
**28** Kodwa lapho zonke izinto
sezibekwe ngaphansi kwakhe,
khona-ke neNdodana ngokwa-
yo iyozithoba kuLowo owabeka
zonke izinto ngaphansi kwayo,[o]
ukuze uNkulunkulu abe yikho
konke kuwo wonke umuntu.[p]

**29** Uma kungenjalo, bayo-
kwenzenjani labo ababhapathi-
zwa ngenjongo yokuba abafi-
le?[q] Uma abafile bengeke bavu-
swe nhlobo, pho kungani be-
bhapathizwa ngenjongo yoku-
ba abafile? **30** Kungani fu-

**ISAHL. 15**
*a* IzE 12:17
*b* IzE 1:3, 6
*c* IzE 9:3-5
*d* IzE 8:3; Gal 1:13
*e* IzE 4:2; IzE 17:31
*f* IzE 3:15
*g* IzE 2:24; IzE 4:10; IzE 13:30, 31
*h* Rom 4:25; Heb 7:25

**Uhla 2**
*a* IzE 7:59; 1Ko 15:14; 1Pe 1:3
*b* IzE 26:23; Kol 1:18
*c* Gen 3:17, 19
*d* Joh 11:25
*e* Rom 5:12
*f* Rom 5:17; Rom 6:23
*g* IsA 1:5
*h* Mat 24:3; 1Th 4:16
*i* Dan 2:44
*j* Hu 110:1, 2
*k* IsA 20:14
*l* Hu 8:6; Efe 1:22
*m* Heb 2:8
*n* 1Pe 3:22
*o* Joh 14:28
*p* 1Ko 3:23
*q* Rom 6:4

thi sisengozini mahora onke?*[a]
**31** Nsuku zonke ngibhekana
nokufa. Lokhu kuqiniseke nje-
ngenjabulo enginayo ngani, ba-
zalwane, kuKristu Jesu iNko-
si yethu. **32** Uma njengaba-
nye abantu,* ngiye ngalwa ne-
zilo zasendle e-Efesu,[b] ku-
nabuhle buni kimi? Uma aba-
file bengeke bavuswe, "masi-
dle siphuze, ngoba kusasa sizo-
fa."[c] **33** Ningadukiswa. Uku-
zihlanganisa nababi konakali-
sa imikhuba emihle.*[d] **34** Sa-
ngulukani ngendlela elungile,
ningasenzi isono, ngoba aba-
nye abanalwazi ngoNkulunku-
lu. Ngikhuluma ukuze nginiba-
ngele amahloni.
**35** Noma kunjalo, omunye
uzothi: "Abafile bayovuswa ka-
njani? Yebo, beza benaluphi
uhlobo lomzimba?"[e] **36** Wena
muntu ongenangqondo! Lo-
kho okuhlwanyelayo akwenzi-
wa kuphile ngaphandle ko-
kuba kufe kuqala. **37** Maye-
lana nalokho okuhlwanyelayo,
awuhlwanyeli umzimba ozo-
khula, kodwa uhlamvu olu-
ngenalutho nje, kungase kube
olukakolweni noma olwanoma
iyiphi enye imbewu; **38** ko-
dwa uNkulunkulu ulunika
umzimba njengoba nje etha-
ndile, nembewu ngayinye uyi-
nika umzimba wayo. **39** Yo-
nke inyama ayifani, kodwa ku-
khona eyabantu, kukhona ne-
nye inyama yezinkomo, ne-
nye inyama yezinyoni, nenye
yezinhlanzi. **40** Kukhona imi-
zimba yasezulwini[f] nemizimba
yasemhlabeni;[g] kodwa inka-
zimulo yemizimba yasezulwi-
ni ingolunye uhlobo, neyemi-
zimba yasemhlabeni ingeyohlo-
bo oluhlukile. **41** Inkazimulo
yelanga ingolunye uhlobo, ne-
nkazimulo yenyanga ingolu-
nye,[a] nenkazimulo yezinkanye-
zi ingolunye; eqinisweni, inka-
nyezi iyahluka kwenye inka-
nyezi ngenkazimulo.
**42** Lunjalo novuko lwabafi-
le. Kuhlwanyelwa kunoko-
nakala; kuvuswa kunokungo-
nakali.[b] **43** Kuhlwanyelwa ku-
sehlazweni; kuvuselwa enkazi-
mulweni.[c] Kuhlwanyelwa kubu-
thakathaka; kuvuswa kunama-
ndla.[d] **44** Kuhlwanyelwa ku-
wumzimba wenyama; kuvuswa
kuwumzimba womoya. Uma
ukhona umzimba wenyama,
ukhona nowomoya. **45** Kulo-
tshwe kanje: "Indoda yoku-
qala u-Adamu yaba umuntu*
ophilayo."[e] U-Adamu wokugci-
na waba umoya onika ukuphi-
la.[f] **46** Noma kunjalo, okungo-
komoya akukona okokuqala.
Okungokwenyama yikona oko-
kuqala, kamuva kube okungo-
komoya. **47** Umuntu wokuqa-
la uvela emhlabeni futhi we-
nziwe ngothuli;[g] umuntu we-
sibili uvela ezulwini.[h] **48** Aba-
ntu basemhlabeni banjengalo-
wo uNkulunkulu amenza ngo-
thuli. Abangabasezulwini bona
banjengalowo owavela ezulwi-
ni.[i] **49** Njengoba nje siye saba
nomfanekiso walowo owenziwe
ngothuli,[j] siyoba nawo no-
mfanekiso walowo ongowase-
zulwini.[k]
**50** Kodwa nginitshela lokhu,
bazalwane, ukuthi inyama ne-
gazi akukwazi ukuzuza ifa
loMbuso kaNkulunkulu, noko-
nakala akukwazi ukuzuza ifa
lokungonakali. **51** Bhekani!
Nginitshela imfihlo engcwele:
Ngeke sife sonke, kodwa sonke
siyoshintshwa,[l] **52** ngomzu-
zwana, ngokuphazima kweso,

**ISAHL. 15**
a Rom 8:36; 2Ko 11:23-27
b 2Ko 1:8
c Isay 22:13
d IzA 13:20; 1Ko 5:6
e 1Jo 3:2
f Mat 28:3; Luk 24:4
g Heb 2:6, 7

**Uhla 2**
a Gen 1:16
b Rom 2:6, 7
c Kol 3:4
d IsA 20:4
e Gen 2:7
f Joh 5:26; 1Ti 3:16
g Gen 2:7
h Joh 3:13
i Flp 3:20, 21
j Gen 5:3
k Rom 8:29
l 1Th 4:17

**15:30** *Noma, "ngaso sonke isikhathi." **15:32** *Noma kungaba, "ngokombono womuntu." **15:33** *Noma, "isimilo."

**15:45** *Noma, "umphefumulo."

phakathi necilongo lokugci-
na. Ngoba icilongo liyokha-
la,[a] abafile bayovuswa benoku-
ngonakali, futhi thina siyoshi-
ntshwa. **53** Ngoba lokhu oko-
nakalayo kumele kugqoke
ukungonakali,[b] nalokhu oku-
fayo kumele kugqoke uku-
ngafi.[c] **54** Kodwa lapho lo-
khu okonakalayo kugqoka uku-
ngonakali nalokhu okufayo ku-
gqoka ukungafi, kuyokwenze-
ka izwi elilotshiwe elithi: "Uku-
fa kugwinyiwe kuze kube pha-
kade."[d] **55** "Kufa, kuphi uku-
nqoba kwakho? Kufa, luphi
udosi lwakho?"[e] **56** Udosi olu-
veza ukufa yisono,[f] amandla
esono uMthetho.*[g] **57** Kodwa
sibonga uNkulunkulu, ngoba
usinikeza ukunqoba ngeNkosi
yethu uJesu Kristu![h]

**58** Ngakho, bazalwane aba-
thandekayo, yibani abagxilile,[i]
abangenakunyakaziswa, nga-
so sonke isikhathi ninokuni-
ngi eningakwenza[j] emsebenzi-
ni weNkosi, nazi ukuthi umshi-
kashika wenu awulona ize[k]
eNkosini.

**16** Ngokuphathelene noku-
qoqwa komnikelo waba-
ngcwele,[l] ningalandela iziqo-
ndiso engazinika amabandla
aseGalathiya. **2** Ngosuku lo-
kuqala lwesonto ngalinye, yilo-
wo nalowo kini kufanele abe-
ke eceleni okuthile, kuye
ngamandla akhe, ukuze imini-
kelo ingaqoqwa lapho ngifi-
ka. **3** Kodwa uma ngifika la-
pho, ngiyothumela abantu eni-
thi bayamukeleka ezincwadi-
ni zenu,[m] ukuba bayise isi-
pho senu somusa eJerusalema.
**4** Nokho uma kufanele ukuba
nami ngiye khona, bayokuya
nami.

**5** Kodwa ngizoza kini lapho
sengidabule eMakedoniya, ngo-
ba ngizodabula eMakedoniya;[a]
**6** mhlawumbe ngizohlala nani
noma ngichithe ubusika nani,
ukuze ningiphelezele kancane
nomaphi lapho ngizoya khona.
**7** Ngoba angifuni ukunibona
njengamanje lapho ngidlula
nje, ngoba nginethemba loku-
hlala nani isikhathi esithile,[b]
uma uJehova* evuma. **8** Ko-
dwa ngizohlala e-Efesu[c] kuze
kube uMkhosi WePhentekoste,
**9** ngoba ngivulelwe umnyango
omkhulu oholela emsebenzini,[d]
kodwa kukhona abaphikisi aba-
ningi.

**10** Uma uThimothewu[e] efi-
ka, qinisekani ukuthi akesa-
bi lutho ngesikhathi esephaka-
thi kwenu, ngoba wenza umse-
benzi kaJehova,*[f] njengoba nje
nami ngiwenza. **11** Ngakho
makungabikho muntu ombuke-
la phansi. Mhambiseni ngoku-
thula, ukuze eze kimi, ngo-
ba ngimlindile kanye nabaza-
lwane.

**12** Ngokuphathelene no-
Apholo[g] umzalwane, ngamnce-
nga kakhulu ukuba eze kanye
nabazalwane kini. Kwakunge-
yona inhloso yakhe ukuza ma-
nje, kodwa uzoza lapho ethola
ithuba.

**13** Hlalani niphapheme,[h]
nime niqinile okholweni,[i] ni-
qhubeke njengamadoda,*[j] nibe
namandla.[k] **14** Konke eni-
kwenzayo, kwenzeni ngotha-
ndo.[l]

**15** Ngiyanincenga bazalwa-
ne: Niyazi ukuthi umndeni ka-
Stefana ungabafundi bokuqa-
la e-Akhaya nokuthi wazinike-
la ukuba ukhonze abangcwele.
**16** Kwangathi nani ningaqhu-
beka nizithoba kubantu aba-

ISAHL. 15
a 1Th 4:16
b Rom 2:6, 7
c 2Ko 5:4
d Isay 25:8; IsA 20:6
e Hos 13:14
f Rom 6:23
g Rom 3:20; Rom 7:12, 13
h Joh 3:16; IzE 4:12
i Kol 1:23; Heb 3:14; 2Pe 3:17
j Rom 12:11
k 2Kr 15:7; 1Ko 3:8; IsA 14:13

ISAHL. 16
l IzE 24:17; Rom 15:26; 2Ko 8:3, 4
m 2Ko 8:19

Uhla 2
a IzE 19:21; 2Ko 1:15, 16
b IzE 20:2
c IzE 19:1
d IzE 19:10, 11
e IzE 16:1, 2
f Flp 2:19, 20
g IzE 18:24, 25
h 1Th 5:6
i 1Ko 15:58; Flp 1:27
j IzE 4:29
k Efe 6:10; Kol 1:11
l 1Ko 13:4; 1Pe 4:8

**15:56** *Noma, "uMthetho unikeza isono amandla."

**16:7, 10** *Bheka iSithasiselo A5. **16:13** *Noma, "nibe nesibindi."

njalo nakubo bonke labo aba-
bambisanayo nabasebenza ka-
nzima.[a] **17** Kodwa ngiyajabu-
la ngokuba khona kukaStefa-
na[b] noFortunatu no-Akhayi-
ku, ngoba basivalile isikha-
la sokungabi bikho kwenu la-
pha. **18** Ngoba bangikhutha-
zile mina kanye nani. Ngakho
waziseni amadoda anjalo.

**19** Amabandla ase-Asiya
ayakhonza kini. U-Akhwila no-
Priska kanye nebandla elihla-
ngana endlini yabo[c] bayakho-
nza kini ngenhliziyo yonke
eNkosini. **20** Bonke abaza-
lwane bayakhonza kini. Binge-
lelanani ngokuqabulana oku-
ngcwele.

**21** Mina Pawulu, ngesandla
sami, ngithumela imikhonzo
yami.

**22** Uma noma ubani engayi-
thandi iNkosi, makaqaleki-
swe. O Nkosi yethu, woza!
**23** Kwangathi umusa omkhu-
lu weNkosi uJesu ungaba nani.
**24** Kwangathi uthando lwami
lungaba nani nonke kuKristu
Jesu.

ISAHL. 16
a Flp 2:29, 30 1Th 5:12 1Ti 5:17
b 1Ko 1:16
c Rom 16:3, 5 Flm 2

## EYESIBILI KWABASE-

# KORINTE

UHLU LOKUPHAKATHI

1 Imikhonzo (1, 2)
Induduzo evela kuNkulunkulu kuzo zonke izinsizi (3-11)
Ushintsho ezinhlelweni zohambo lukaPawulu (12-24)

2 UPawulu uhlose ukuba kube nenjabulo (1-4)
Isoni siyathethelelwa siphinde sisizwe (5-11)
UPawulu eTrowa naseMakedoniya (12, 13)
Inkonzo, udwendwe lokunqoba (14-17)
Asibona abathengisi bezwi likaNkulunkulu (17)

3 Izincwadi zokwethula (1-3)
Izikhonzi zesivumelwano esisha (4-6)
Inkazimulo enkulu yesivumelwano esisha (7-18)

4 Ukukhanya kwezindaba ezinhle (1-6)
Izingqondo zabangakholwa ziphuphuthekisiwe (4)
Ingcebo ezitsheni zobumba (7-18)

5 Ukugqoka indlu evela ezulwini (1-10)
Inkonzo yokubuyisana (11-21)
Indalo entsha (17)
Amanxusa kaKristu (20)

6 Akumele usetshenziswe kabi umusa kaNkulunkulu (1, 2)
Kuchazwa inkonzo kaPawulu (3-13)
Ningaboshelwa ejokeni (14-18)

7 Masizihlanze ekungcoleni (1)
Injabulo kaPawulu ngabaseKorinte (2-4)
UThithu uletha umbiko omuhle (5-7)
Ukudabuka nokuphenduka ngendlela yokuhlonipha uNkulunkulu (8-16)

8 Iminikelo yamaKristu aseJudiya (1-15)
UThithu uzothunyelwa eKorinte (16-24)

9 Isikhuthazo ngokupha (1-15)
UNkulunkulu uthanda umuphi ojabulayo (7)

10 UPawulu uvikela inkonzo yakhe (1-18)
Izikhali zethu akuzona ezenyama (4, 5)

11 UPawulu nabaphostoli abahle kakhulu (1-15)
Ubunzima uPawulu abhekana nabo ngesikhathi engumphostoli (16-33)

12 Imibono kaPawulu (1-7a)
'Iva likaPawulu enyameni' (7b-10)

Angikho ngaphansi kwabaphostoli abahle kakhulu (11-13)
UPawulu ukhathazeke ngabaseKorinte (14-21)

13 Izixwayiso nezikhuthazo zokugcina (1-14)
“Qhubekani nihlola ukuthi nisokholweni yini” (5)
Qhubekani nilungiswa; cabangani ngokuvumelana (11)


**1** Mina Pawulu, umphostoli kaKristu Jesu ngentando kaNkulunkulu, noThimothewu[a] umfowethu, ngibhalela ibandla likaNkulunkulu eliseKorinte, nabo bonke abangcwele abakulo lonke elase-Akhaya:[b]

**2** Kwangathi ningathola umusa omkhulu* nokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba naseNkosini uJesu Kristu.

**3** Makadunyiswe uNkulunkulu, uYise weNkosi yethu uJesu Kristu,[c] uYise wesihe,[d] uNkulunkulu wenduduzo yonke,[e] **4** osiduduza* kuzo zonke izilingo# zethu,[f] ukuze sikwazi ukududuza abanye[g] ababhekene nanoma yiluphi uhlobo lwesilingo△ ngenduduzo nathi esiyithola kuNkulunkulu.[h] **5** Ngoba njengoba nje ukuhlupheka ngenxa kaKristu kuvama kithi,[i] nenduduzo esiyithola ngoKristu nayo iyavama. **6** Uma sibhekana nezilingo,* kungokwenduduzo nensindiso yenu; uma sithola induduzo, lokhu kungenjongo yokuba nani nithole induduzo; leyo nduduzo inganisiza ukuba nikhuthazelele izinhlupheko ezifana nezethu. **7** Ithemba lethu ngani alintengantengi, njengoba sazi ukuthi njengoba nje nihlupheka njengathi, nani niyothola induduzo efanayo.[a]

**8** Ngoba asithandi ukuba nibe abangenalwazi, bazalwane, ngosizi olwasivelela esifundazweni sase-Asiya.[b] Sasingaphansi kokucindezeleka okwedlulele okungaphezu kwamandla ethu, kangangokuthi sasingaqiniseki neze ngisho nangokuphila kwethu.[c] **9** Eqinisweni, saba nomuzwa wokuthi sasithole isigwebo sokufa. Lokhu kwakungenjongo yokuba singathembeli kithi ngokwethu, kodwa kuNkulunkulu[d] ovusa abafile. **10** Engozini yokufa enkulu kangako wasisindisa futhi uyosisindisa, ithemba lethu likuye lokuthi uzoqhubeka esisindisa.[e] **11** Nani ningasisiza ngokuba nisinxusele,[f] ukuze abaningi babonge ngenxa yethu ngomusa esiwamukelayo kuphendulwa imithandazo yabaningi.[g]

**12** Ngoba into esiziqhayisa ngayo yile, unembeza wethu ufakazela ukuthi ezweni, ikakhulukazi phakathi kwenu, siye saziphatha ngobungcwele nangobuqotho bokuhlonipha uNkulunkulu, hhayi ngokuhlakanipha kwenyama[h] kodwa ngomusa omkhulu kaNkulunkulu. **13** Ngoba ngempela asinibhaleli ezinye izinto ngaphandle kwalezo enikwazi ukuzifunda* niziqonde, ngithe-

**ISAHL. 1**
*a* IzE 16:1, 2; Flp 2:19, 20
*b* 1Th 1:8
*c* Joh 20:17
*d* Eks 34:6; Hu 86:5; Mik 7:18
*e* Isay 51:3; Rom 15:5
*f* Hu 23:4; 2Ko 7:6
*g* Efe 6:21, 22; 1Th 4:18
*h* Rom 15:4; 2Th 2:16, 17
*i* 1Ko 4:11-13; Kol 1:24

**Uhla 2**
*a* Rom 8:18; 2Ti 2:11, 12
*b* IzE 20:18, 19
*c* 1Ko 15:32
*d* 2Ko 12:10
*e* Hu 34:7, 19; 2Ti 4:18; 2Pe 2:9
*f* Flp 1:19; Flm 22
*g* IzE 12:5; Rom 15:30-32
*h* 1Ko 2:4, 5

**1:2** *Noma, “umusa ongafanelwe.” **1:4** *Noma, “osikhuthaza.” #Noma, “izinsizi.” △Noma, “losizi.” **1:6** *Noma, “nezinsizi.”

**1:13** *Noma kungaba, “esenizazi kahle.”

mba ukuthi niyoqhubeka nizi-
qonda ngokugcwele* lezi zinto,
**14** njengoba nje niye naqonda
ngezinga elithile ukuthi siyisi-
zathu sokuba niziqhayise, nje-
ngoba nje niyoba yiso nani ki-
thi ngosuku lweNkosi yethu
uJesu.
**15** Ngakho, nginalokhu kuqi-
niseka, ngangihlose ukuza kini
kuqala, ukuze nithole ithu-
ba lesibili lokujabula;* **16** ngo-
ba ngangihlose ukunivakashela
ngesikhathi ngiya eMakedoniya,
ngibuyele kini ngivela eMakedo-
niya bese ningiphelezela ngiye
eJudiya.[a] **17** Nokho, ngesikha-
thi ngisahlose lokho, angiyitha-
thanga kancane le ndaba, aku-
njalo? Noma ingabe ngihlela izi-
nto ngendlela yenyama, ukuze
ngithi "Yebo kunjalo" bese ngi-
buye ngithi "Cha akunjalo"?
**18** Kodwa uNkulunkulu kunga-
thenjelwa kuye, esikushoyo kini
akuwona "uyebo" kodwa kube
"kungucha." **19** Ngoba iNdoda-
na kaNkulunkulu, uJesu Kristu,
okwashunyayelwa ngayo phaka-
thi kwenu kusetshenziswa thi-
na, okuwukuthi, kusetshenzi-
swa mina noSilvanu* noThimo-
thewu,[b] ayibanga "uyebo" ko-
dwa ibe "ingucha," kodwa "uye-
bo" uye waba "uyebo" ngokuqo-
ndene nayo. **20** Ngoba kunga-
khathaliseki ukuthi ziningi ka-
ngakanani izithembiso zikaNku-
lunkulu, zibe "nguyebo" nga-
yo.[c] Ngakho "no-Amen" ushiwo
ngayo kuNkulunkulu,[d] okume-
nza adunyiswe ngathi. **21** Ko-
dwa lowo oqinisekisa ukuthi thi-
na nani singabakaKristu, nalo-
wo osigcobile, nguNkulunku-
lu.[e] **22** Ubeke nophawu lwa-
khe kithi[f] wasinika nophawu*
lwalokho okuzayo, okunguku-
thi, umoya,[a] ezinhliziyweni ze-
thu.
**23** Manje ngibiza uNkulu-
nkulu njengofakazi ngoku-
melene nami wokuthi angi-
kezi eKorinte ngenxa yoku-
thi ngifuna ukuphephisa nina.
**24** Akukhona ukuthi singa-
makhosi phezu kokholo lwe-
nu,[b] kodwa siyizisebenzi ezika-
nye nani ukuze nijabule, ngoba
nimi ngokholo lwenu.

**2** Ngoba nginqume ukuba ngi-
ngaphinde ngize kini ngi-
dabukile. **2** Ngoba uma ngida-
bukisa nina, ubani ozonge-
nza ngijabule ngaphandle kwa-
lowo engimdabukisile? **3** Nga-
kubhala lokho engakwenza,
ukuze kuthi lapho ngiza, ngi-
ngadatshukiswa yilabo okufa-
nele bangijabulise, ngoba ngiya-
qiniseka ukuthi lokho okungi-
jabulisayo nani kunenza nijabu-
le ngendlela efanayo. **4** Ngo-
ba nganibhalela ngezinye-
mbezi eziningi nginosizi olu-
khulu nobuhlungu benhliziyo,
hhayi ngenjongo yokunenza ni-
dabuke,[c] kodwa ukuze nikwazi
ukujula kothando enginithanda
ngalo.
**5** Uma kukhona oye waba-
ngela ukudabuka,[d] akadabuki-
sanga mina, kodwa nina no-
nke ngezinga elithile—ukuze
ngingabi nokhahlo kakhulu ku-
lokho engikushoyo. **6** Lesi si-
yalo esinikezwa iningi sima-
nele umuntu onjalo; **7** manje
esikhundleni salokho kufane-
le nimthethelele ngomusa ni-
mduduze,[e] ukuze anganqo-
tshwa* ukudabuka ngokweqi-
le.[f] **8** Ngakho-ke, nginikhutha-
za ukuba nimqinisekise uku-
thi niyamthanda.[g] **9** Ngoba yi-
lesi sizathu futhi esenza

**ISAHL. 1**
*a* 1Ko 16:5, 6
*b* IzE 18:5
*c* Rom 15:8
*d* IsA 3:14
*e* 1Jo 2:20, 27
*f* Efe 4:30

**Uhla 2**
*a* Rom 8:23; 2Ko 5:5; Efe 1:13, 14
*b* Heb 13:17; 1Pe 5:2, 3

**ISAHL. 2**
*c* 2Ko 7:8, 9
*d* 1Ko 5:1
*e* Luk 15:23, 24
*f* Heb 12:12
*g* Rom 12:10

**1:13** *NgesiGreki, "kuze kube sekupheleni." **1:15** *Noma kungaba, "ukuze nizuze kabili." **1:19** *Obizwa nangokuthi uSila. **1:22** *Noma, "nesiqinisekiso."

**2:7** *Noma, "angagwinywa."

nganibhalela: ukuze ngithole
ukuthi nizobunikeza yini ubufa-
kazi bokuthi niyalalela ezi-
ntweni zonke. **10** Noma ubani
enimthethelelayo, nami ngiyam-
thethelela. Eqinisweni, noma
yini engiyithethelele, (uma ku-
khona engikuthethelele) beku-
ngenxa yenu emehlweni kaKri-
stu, **11** ukuze singaphanjwa*
uSathane,[a] ngoba asibona aba-
ngenalwazi ngamacebo# akhe.[b]

**12** Lapho ngifika eTrowa[c]
ukuze ngimemezele izindaba
ezinhle mayelana noKristu,
futhi ngivulelwa umnyango
eNkosini, **13** umoya wami
awutholanga mpumuzo ngenxa
yokungamtholi uThithu[d] umfo-
wethu. Ngakho ngabavaleli-
sa ngahamba ngaya eMakedo-
niya.[e]

**14** Kodwa makabongwe
uNkulunkulu osiholayo nga-
so sonke isikhathi odwendweni
lokunqoba kanye noKristu fu-
thi enze iphunga lolwazi ngaye
lizwakale* ngathi kuyo yonke
indawo! **15** Ngoba kuNkulu-
nkulu siyiphunga likaKristu eli-
mnandi phakathi kwalabo aba-
sindiswayo naphakathi kwa-
labo ababhubhayo; **16** kulaba
ababhubhayo siyiphunga loku-
fa eliholela ekufeni,[f] kwabasi-
ndiswayo siyiphunga lokuphi-
la eliholela ekuphileni. Uba-
ni ozifanelekela ngokwanele
lezi zinto? **17** Yithi, ngoba
asibona abathengisi* bezwi li-
kaNkulunkulu[g] njengoba aba-
ntu abaningi beyibo, kodwa si-
khuluma ngabo bonke ubuqo-
tho, njengabathunywe bevela
kuNkulunkulu, yebo, sibonwa
uNkulunkulu futhi sikanye no-
Kristu.

---

**2:11** *Noma, "singaqilizelwa." #Noma, "ngezinhloso." **2:14** *Noma, "lisakazeke." **2:17** *Noma, "abenza inzuzo."

ISAHL. 2
*a* Luk 22:31; 2Ti 2:26
*b* Efe 6:11, 12; 1Pe 5:8
*c* IzE 16:8
*d* Gal 2:3; Tit 1:4
*e* 2Ko 7:5
*f* Joh 15:19; 2Ko 4:3; 1Pe 2:7, 8
*g* 2Ko 4:2

Uhla 2

ISAHL. 3
*a* 1Ko 9:2
*b* 1Ko 3:5
*c* Eks 31:18; Eks 34:1
*d* IzA 3:3; IzA 7:3
*e* Eks 4:12, 15; Flp 2:13
*f* Heb 8:6
*g* Rom 13:9
*h* Gal 3:10
*i* Joh 6:63
*j* Eks 31:18; Eks 32:16
*k* Eks 34:29, 30
*l* IzE 2:1, 4
*m* 1Pe 4:14
*n* Dut 27:26
*o* Eks 34:35
*p* Rom 3:21, 22

**3** Ingabe kufanele sizethu-
le futhi kini? Noma inga-
be sidinga izincwadi ezise-
thula kini noma ezivela kini?
**2** Nina ngokwenu niyincwadi
yethu,[a] elotshwe ezinhliziywe-
ni zethu eyaziwa futhi efundwa
isintu sonke. **3** Ngoba niyi-
ncwadi kaKristu elotshwe yi-
thi njengezikhonzi,[b] engalo-
tshwanga ngoyinki kodwa ngo-
moya kaNkulunkulu ophilayo,
hhayi ematsheni ayizicaba[c] ko-
dwa ematsheni ayizicaba enya-
ma, ezinhliziyweni.[d]

**4** Sinalolu hlobo lokuqini-
seka kuNkulunkulu ngoKri-
stu. **5** Akukhona ukuthi thi-
na ngokwethu sikufaneleke-
la ngokwanele ukubheka noma
yini njengevela kithi, kodwa
ukufaneleka kwethu ngokwa-
nele kuvela kuNkulunkulu,[e]
**6** lowo ngempela osenze sa-
kufanelekela ngokwanele uku-
ba izikhonzi zesivumelwano
esisha,[f] esingesona esomthe-
tho olotshiwe,[g] kodwa esomo-
ya; ngoba umthetho olotshi-
we ugwebela ekufeni,[h] kodwa
umoya uyaphilisa.[i]

**7** Uma umthetho oletha isi-
gwebo sokufa nowawuqo-
shwe ematsheni[j] ngezinhla-
mvu waba khona ngenkazimu-
lo enkulu, kangangokuthi aba-
ntwana bakwa-Israyeli abakwa-
zanga ukubuka ubuso buka-
Mose ngenxa yenkazimulo yo-
buso bakhe,[k] inkazimulo eyayi-
zoqedwa, **8** kungani umsebe-
nzi womoya[l] ungenakuba ne-
nkazimulo enkulu nakakhu-
lu?[m] **9** Ngoba uma umthe-
tho ogweba abantu ukuba
bafe[n] unenkazimulo,[o] umsebe-
nzi oholela ekulungeni unenka-
zimulo enkulu nakakhulu ka-
ngakanani-ke![p] **10** Eqiniswe-
ni, ngisho nalokho okwa-
ke kwenziwa kwakhazimula

akusenayo inkazimulo, nge-
nxa yenkazimulo ekudlulayo.[a]
**11** Ngoba uma lokho okwaku-
zoqedwa kwalethwa ngenkazi-
mulo,[b] iyoba nkulu kangakana-
ni-ke inkazimulo yalokho oku-
hlalayo![c]

**12** Njengoba sinethemba eli-
njalo,[d] sisebenzisa inkululeko
enkulu yokukhuluma, **13** ase-
nzi lokhu uMose akwenza la-
pho emboza ubuso bakhe ngo-
mgubuzelo,[e] ukuze abantwa-
na bakwa-Israyeli bangabukisi-
si ekupheleni kwalokho okwa-
kuzoqedwa. **14** Kodwa izi-
ngqondo zabo zathuntubeze-
ka.[f] Ngoba kuze kube na-
muhla, wona lowo mgubuzelo
usahleli ungasusiwe lapho ku-
fundwa isivumelwano esidala,[g]
ngoba ususwa ngoKristu ku-
phela.[h] **15** Eqiniswени, kuze
kube namuhla noma nini lapho
kufundwa izincwadi zikaMo-
se,[i] umgubuzelo uphezu kwe-
zinhliziyo zabo.[j] **16** Kodwa la-
pho umuntu ephendukela ku-
Jehova,* umgubuzelo uyasu-
swa.[k] **17** UJehova* unguMo-
ya,[l] lapho kunomoya kaJeho-
va* khona, kukhona inkulule-
ko.[m] **18** Futhi thina sonke, la-
pho sibonakalisa inkazimulo
kaJehova* njengezibuko ngo-
buso obungagutshuzelwe, sigu-
qulelwa emfanekisweni ofana-
yo kusuka enkazimulweni kuya
kwenye inkazimulo,# njengoba
nje kwenza uJehova* uMoya.△[n]

**4** Ngakho-ke, njengoba sinale
nkonzo ngesihe esaboniswa
sona, asiyeki. **2** Kodwa sizila-
hlile izinto eziyihlazo nezom-
shoshaphansi, asihambi ngobu-
qili futhi asilonakalisi izwi lika-
Nkulunkulu;[o] kodwa ngokwe-
nza iqiniso libe sobala, siye
saba isibonelo esihle kubo bo-
nke onembeza babantu pha-
mbi kukaNkulunkulu.[a] **3** Uma
empeleni izindaba ezinhle esi-
zimemezelayo zigutshuzelwe,
zigutshuzelwe phakathi kwa-
labo ababhubhayo, **4** phaka-
thi kwalabo unkulunkulu wa-
leli zwe*[b] aye waphuphutheki-
sa izingqondo zabangakholwa,[c]
ukuze kungakhanyi ukukhanya
kwezindaba ezinhle ezikhazi-
mulayo mayelana noKristu,[d]
ongumfanekiso kaNkulunkulu.[e]
**5** Ngoba asishumayeli ngathi
ngokwethu, kodwa ngoJesu
Kristu ukuthi uyiNkosi, nanga-
thi ukuthi siyizigqila zenu nge-
nxa kaJesu. **6** Ngoba uNkulu-
nkulu nguye owathi: "Uku-
khanya makukhanye ebumnya-
meni,"[f] futhi ukhanyise izinhli-
ziyo zethu ukuze azenze zikha-
nye[g] ngolwazi olukhazimulayo
lukaNkulunkulu ngobuso buka-
Kristu.

**7** Nokho, sinale ngcebo[h] ezi-
tsheni zobumba,*[i] ukuze ama-
ndla angaphezu kwavamile abe
ngakaNkulunkulu, angaveli ki-
thi.[j] **8** Sicindezelwe kakhulu
ngazo zonke izindlela, kodwa
asivalelekile ekhoneni kanga-
ngokuthi asisakwazi nokunya-
kaza; sididekile, kodwa asibo-
na abangenayo nhlobo indlela
yokuphuma;*[k] **9** siyashushi-
swa, kodwa asilahliwe;[l] sipho-
nswa phansi, kodwa asishaba-
lali.*[m] **10** Ngaso sonke isikha-
thi emzimbeni wethu sikhutha-
zelela impatho ebulalayo eya-
tholwa uJesu,[n] ukuze uku-
phila kukaJesu kubonaka-
liswe futhi emzimbeni wethu.

---

**3:16-18** *Bheka iSithasiselo A5. **3:18** #NgesiGreki, "enkazimulweni kuya enkazimulweni." △Noma kungaba, "kwenziwa ngomoya kaJehova."

**4:4** *Noma, "walesi simiso sezinto." Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **4:7** *Noma, "kojeke bobumba." **4:8** *Noma kungaba, "asishiyiwe singenathemba." **4:9** *Noma, "asifi."

---

ISAHL. 3
a Kol 2:16, 17
b Eks 19:16; Eks 24:17
c Heb 12:22-24
d 1Pe 1:3, 4
e Eks 34:33-35
f Rom 11:7
g Joh 12:40
h Rom 7:6; Efe 2:15
i IzE 15:21
j Rom 11:8
k Eks 34:34
l Joh 4:24
m Isay 61:1; Rom 6:14; Rom 8:15; Gal 5:1, 13
n 2Ko 4:6; Efe 4:23, 24; Efe 5:1

ISAHL. 4
o 2Ko 2:17; Gal 1:9

Uhla 2
a 2Ko 6:3, 4
b Joh 14:30; Efe 2:2; 1Jo 5:19
c 2Ko 11:14
d Isay 60:2; Joh 8:12
e Kol 1:15; Heb 1:3
f Gen 1:3
g 1Pe 2:9
h 2Ko 4:1
i Isay 64:8; IzE 9:15; 1Ko 15:47
j 2Ko 12:9, 10; Flp 4:13
k 1Ko 10:13
l Heb 13:5
m IsA 2:10
n Flp 3:10; 1Pe 4:13

**11** Ngoba ngaso sonke isikha-
thi ukuphila kwethu thina esi-
philayo kubekwa engcupheni[a]
ngenxa kaJesu, ukuze ukuphi-
la kukaJesu kubonakaliswe fu-
thi enyameni yethu efayo.
**12** Ngakho kithi kusebenza
ukufa, kodwa kini ukuphila.

**13** Ngenxa yokuthi sinomo-
ya wokholo ofana nalowo oku-
lotshwe ngawo ukuthi: "Ngabo-
nisa ukholo, ngakho ngakhu-
luma";[b] nathi sibonisa ukholo,
ngakho siyakhuluma, **14** sazi
ukuthi Lowo owavusa uJesu
uyosivusa nathi kanye noJesu
asethule kanye nani.[c] **15** Ngo-
ba zonke lezi zinto zinge-
nxa yenu, ukuze umusa om-
khulu wande nakakhulu nge-
nxa yokuthi abaningi ngokwe-
ngeziwe bayabonga kube inka-
zimulo kuNkulunkulu.[d]

**16** Ngakho asiyeki, kodwa
ngisho noma umuntu esingu-
ye ngaphandle ewohloka, ngo-
kuqinisekile umuntu esingu-
ye ngaphakathi wenziwa mu-
sha usuku nosuku. **17** Ngoba
nakuba usizi* lungolomzuzwa-
na futhi lulula, lusivezela inka-
zimulo enkulu# ngokwedlulele
nehlala phakade;[e] **18** kuyila-
pho sigcina amehlo ethu esezi-
ntweni ezingabonwa, hhayi ezi-
ntweni ezibonwayo.[f] Ngoba izi-
nto ezibonwayo zingezesikha-
shana, kodwa izinto ezingabo-
nwa zihlala phakade.

**5** Ngoba siyazi ukuthi uma
indlu yethu yasemhlabeni,
leli tende, ingase idilizwe,*[g] si-
yoba nesakhiwo esivela ku-
Nkulunkulu, indlu engenziwa-
nga ngezandla,[h] ehlala phaka-
de emazulwini. **2** Ngoba kule
ndlu* siyabubula impela, sifi-
sa ngobuqotho ukugqoka leyo
engeyethu* evela ezulwini,#[a]
**3** ukuze kuthi lapho sesiyi-
gqoka, singatholakali sihamba-
ze. **4** Eqinisweni, thina esiku-
leli tende siyabubula, nje-
ngoba sisindwa, ngoba asifu-
ni ukulikhumula, kodwa sifu-
na ukugqoka elinye,[b] ukuze lo-
kho okufayo kugwinywe uku-
phila.[c] **5** Lowo owasilungise-
lela yona kanye le nto uNku-
lunkulu,[d] owasinika umoya nje-
ngophawu* lwalokho okuzayo.[e]

**6** Ngakho sinesibindi nga-
so sonke isikhathi futhi siya-
zi ukuthi nakuba sinekhaya le-
thu emzimbeni, asikho eNkosi-
ni,[f] **7** ngoba sihamba ngokho-
lo, hhayi ngokubona. **8** Ko-
dwa sinesibindi futhi singa-
ncamela ukungabi khona emzi-
mbeni nokuba sakhe ikha-
ya lethu eNkosini.[g] **9** Ngakho
kungakhathaliseki ukuthi sise-
khaya nayo noma asikho kuyo,
sikwenza umgomo wethu uku-
ba samukeleke kuyo. **10** Ngo-
ba sonke kumele sivele* pha-
mbi kwesihlalo sokwahlulela
sikaKristu, ukuze ngamunye
athole umvuzo ngokwezinto
azenzile ngesikhathi esesemzi-
mbeni, kungakhathaliseki uku-
thi zinhle noma zimbi.[h]

**11** Ngakho njengoba sikwa-
zi ukwesaba iNkosi, siya-
qhubeka sithonya abantu, ko-
dwa uNkulunkulu usazi ka-
hle.* Nokho, ngithemba uku-
thi nonembeza benu basa-
zi kahle.# **12** Akukhona uku-
thi siyaphinda futhi siyaziqha-
yisa kini, kodwa sininika isiza-
thu sokuziqhayisa ngathi, uku-

ISAHL. 4
*a* Rom 8:36; 1Ko 4:9; 1Ko 15:31
*b* Hu 116:10
*c* 1Ko 6:14
*d* 2Ti 2:10
*e* Mat 5:12; Rom 8:18
*f* 2Ko 5:7; Heb 11:1

ISAHL. 5
*g* 2Pe 1:13, 14
*h* 1Ko 15:50; Flp 3:20, 21

Uhla 2
*a* Rom 6:5; Rom 8:23; 1Ko 15:48, 49
*b* 1Ko 15:43, 44; Flp 1:21
*c* 1Pe 1:3, 4
*d* Efe 2:10
*e* Rom 8:23; Efe 1:13, 14
*f* Joh 14:3
*g* Flp 1:23
*h* IsA 22:12

**4:17** *Noma, "isilingo." #NgesiGreki, "enesisindo esikhulu ngokwedlulele." **5:1** *Noma, "ibhidlizwe." **5:2** *Noma, "ndlu yokuhlala."

**5:2** *Noma, "eyindawo yethu yokuhlala." #Noma, "endaweni yethu yokuhlala yasezulwini." **5:5** *Noma, "njengesiqinisekiso." **5:10** *Noma, "sibonakaliswe." **5:11** *Noma, "siyabonakaliswa kuNkulunkulu." #Noma, "sibonakalisiwe nakonembeza benu."

ze nikwazi ukuphendula labo
abaziqhayisa ngalokho oku-
bonakala ngaphandle[a] kodwa
hhayi ngalokho okusenhlizi-
yweni. **13** Ngoba uma sasihla-
nya,[b] sasihlanyela uNkulunku-
lu; uma sihluzekile engqondwe-
ni, sihluzekele nina. **14** Ngo-
ba uthando uKristu analo lusi-
busa ngokuphelele, ngoba yilo-
khu esiphethe ngakho, ukuthi
umuntu oyedwa wabafela bo-
nke;[c] ngakho-ke, bonke babefi-
le. **15** Wabafela bonke ukuze
labo abaphilayo bangabe besa-
ziphilela bona,[d] kodwa baphile-
le lowo owabafela wabuye wa-
vuswa.

**16** Ngakho kusukela manje
kuqhubeke, asazi muntu ngoko-
mbono wabantu.[e] Ngisho noma
sake samazi uKristu ngoko-
mbono wabantu, ngokuqinise-
kile asisamazi ngaleyo ndlela.[f]
**17** Ngakho, uma umuntu emu-
nye noKristu, uyindalo entsha;[g]
izinto ezindala zadlula; seku-
khona izinto ezintsha. **18** Ko-
dwa zonke izinto zivela ku-
Nkulunkulu, owasenza sabu-
yisana naye ngoKristu,[h] wa-
sinika inkonzo yokubuyisana,[i]
**19** ewukuthi, uNkulunkulu wa-
yenza izwe libuyisane naye ngo-
Kristu,[j] engalibaleli izono zalo,[k]
futhi usiphathise izwi lokubuyi-
sana.[l]

**20** Ngakho thina singama-
nxusa[m] abambele uKristu,[n] nje-
ngokungathi uNkulunkulu unce-
nga ngathi. Njengababambe-
le uKristu siyancenga: "Buyisa-
nani noNkulunkulu." **21** Lowo
ongazange asazi isono[o] wame-
nza waba umhlatshelo wesono
ngenxa yethu, ukuze ngaye sibe
ukulunga kukaNkulunkulu.[p]

**6** Njengoba sisebenza kanye
naye,[q] siyanincenga nokuba
ningawamukeli umusa omkhu-
lu kaNkulunkulu bese nilahle-
kelwa injongo yawo.[a] **2** Ngo-
ba yena uthi: "Ngesikhathi esa-
mukelekayo ngakuzwa, nango-
suku lwensindiso ngakusiza."[b]
Bhekani! Manje yiso isikhathi
esamukeleka ngokukhethekile.
Bhekani! Manje yilo usuku lwe-
nsindiso.

**3** Asinikezi sizathu sokukhu-
beka nangayiphi indlela, uku-
ze kungatholakali phutha enko-
nzweni yethu;[c] **4** kodwa nga-
zo zonke izindlela siboni-
sa ukuthi siyizikhonzi zikaNku-
lunkulu,[d] ngokukhuthazelela izi-
nto eziningi, ngezinsizi, ngezi-
khathi zokuswela, ngobunzi-
ma,[e] **5** ngokushaywa, ngoku-
boshwa,[f] ngeziyaluyalu, ngoku-
sebenza kanzima, ngokuqwa-
sha ebusuku, ngezikhathi zo-
kungabi nakudla;[g] **6** ngoku-
hlanzeka, ngolwazi, ngokubeke-
zela,[h] ngomusa,[i] ngomoya
ongcwele, ngothando olungena-
buzenzisi,[j] **7** ngenkulumo eyi-
qiniso, ngamandla kaNkulunku-
lu;[k] ngezikhali zokulunga[l] ezise-
sandleni sokudla* nakwesobu-
nxele,# **8** ngenkazimulo nehla-
zo, ngombiko omubi nombi-
ko omuhle. Sibhekwa njenga-
bakhohlisi kodwa sibe sineqini-
so, **9** njengabangaziwa kodwa
sibe saziwa, njengabafayo* ko-
dwa sibe siphila,[m] njengabajezi-
swayo# kodwa asinikelwa eku-
feni,[n] **10** njengabadabukile ko-
dwa sibe sijabula njalo, njenga-
bampofu kodwa sibe senza aba-
ningi bacebe, njengabangenalu-
tho kodwa sibe sinazo zonke izi-
nto.[o]

**11** Sivule umlomo wethu
ukuze sikhulume nani* bantu

ISAHL. 5
*a* 2Ko 10:10
*b* 2Ko 11:1, 16
*c* Isay 53:10; Mat 20:28; 1Ti 2:5, 6
*d* Rom 14:7, 8
*e* Mat 12:50
*f* Joh 20:17
*g* Gal 6:15
*h* Rom 5:10; Efe 2:15, 16; Kol 1:19, 20
*i* IzE 20:24
*j* Rom 5:6; 1Jo 2:1, 2
*k* Rom 4:25; Rom 5:18
*l* Mat 28:19, 20; IzE 13:38, 39
*m* Efe 6:19, 20
*n* Flp 3:20
*o* Heb 4:15; Heb 7:26
*p* Rom 1:16, 17

ISAHL. 6
*q* 2Ko 5:20

Uhla 2
*a* Rom 2:4
*b* Isay 49:8
*c* 1Ko 9:22
*d* 2Ko 4:1, 2
*e* 2Ko 11:23
*f* IsA 2:10
*g* 2Ko 11:25, 27
*h* Kol 3:13; 1Th 5:14
*i* Efe 4:32
*j* Rom 12:9
*k* 1Ko 2:4, 5
*l* 2Ko 10:4; Efe 6:11
*m* 2Ko 4:10, 11
*n* IzE 14:19; 2Ko 4:8, 9
*o* Flp 4:13; IsA 2:9

**6:7** *Mhlawumbe zokuhlasela. #Mhlawumbe zokuzivikela. **6:9** *Noma, "ababhekwa njengabafanelwe ukufa." #Noma, "njengabayalwayo." **6:11** *Noma, "Sikhulume nani ngokukhululekile."

baseKorinte nenhliziyo yethu
siyivule kakhulu. **12** Indlela
esinibonisa ngayo uthando ayi-
namingcele,*[a] kodwa olwenu
uthando lunemingcele. **13** Nge-
nxa yalokho—ngikhuluma nje-
ngokungathi ngikhuluma na-
bantwana bami—nani vulani izi-
nhliziyo zenu.*[b]

**14** Ningaboshelwa ejokeni*
nabangakholwa.[c] Ngoba kuna-
budlelwane buni ukulunga no-
kungalungi?[d] Noma, uku-
khanya kunabudlelwane buni
nobumnyama?[e] **15** Ngaphe-
zu kwalokho, kunakuvumela-
na kuni phakathi kukaKri-
stu noBheliyali?*[f] Noma, umu-
ntu okholwayo# uhlanganiswa
yini nongakholwa?[g] **16** Lina-
kuvumelana kuni ithempeli li-
kaNkulunkulu nezithixo?[h] Ngo-
ba thina siyithempeli likaNku-
lunkulu ophilayo;[i] njengoba
nje uNkulunkulu athi: "Ngiyo-
hlala phakathi kwabo[j] ngiha-
mbe phakathi kwabo, ngiyoba
uNkulunkulu wabo, bona ba-
yoba abantu bami."[k] **17** "'Nga-
kho-ke phumani phakathi
kwabo, nizihlukanise,' ku-
sho uJehova,* 'niyeke ukuthi-
nta into engcolile'";[l] "'ngizona-
mukela.'"[m] **18** "'Mina ngiyoba
uyihlo,[n] nina nibe amadoda-
na namadodakazi kimi,'[o] ku-
sho uJehova,* uMninimandla
Onke."

**7** Ngakho-ke, njengoba sina-
lezi zithembiso,[p] bathande-
kayo, masizihlanze kukho ko-
nke ukungcola kwenyama no-
komoya,[q] siphelelisa ubu-
ngcwele ekwesabeni uNkulu-
nkulu.

**2** Sivuleleni indawo ezinhli-
ziyweni zenu.[a] Asonanga mu-
ntu, asonakalisanga muntu, asi-
sizakalanga ngamuntu.[b] **3** Lo-
khu angikusho ukuze nginila-
hle. Ngoba ngishilo ngaphambi-
li ukuthi nisezinhliziyweni ze-
thu ukuze nife kanye nathi fu-
thi niphile kanye nathi. **4** Ngi-
nenkululeko enkulu yokukhulu-
ma kini. Ngiziqhayisa kakhulu
ngani. Ngigcwele induduzo; ngi-
chichima injabulo kukho konke
ukuhlupheka kwethu.[c]

**5** Eqinisweni, ngesikhathi
sifika eMakedoniya,[d] imizimba
yethu ayiyitholanga impumu-
zo, kodwa saqhubeka sihlu-
pheka ngazo zonke izindle-
la—kwakukhona ukulwa nga-
phandle, ukwesaba ngapha-
kathi. **6** Kodwa uNkulunku-
lu oduduza labo abadange-
le,[e] wasiduduza ngokuba khona
kukaThithu; **7** hhayi ngokuba
khona kwakhe kuphela, ko-
dwa nangenduduzo ayeyithole
ngenxa yenu, njengoba asibike-
la ngokuthi niyangilangazelela,
ngokudabuka kwenu okukhu-
lu, nangokungikhathalela kwe-
nu okungenabuzenzisi;* nga-
kho ngajabula nakakhulu.

**8** Ngakho ngisho noma nga-
nidabukisa ngencwadi yami,[f]
angizisoli ngakho. Ngisho
noma ngazisola ngakho ekuqa-
leni (lapho ngibona ukuthi leya
ncwadi yanidabukisa, nakuba
kwaba okwesikhashana nje),
**9** manje sengiyajabula, hhayi
nje ngenxa yokuthi nadabu-
ka, kodwa ngenxa yokuthi na-
dabuka naphenduka. Ngoba
nadabuka ngendlela yokuhloni-
pha uNkulunkulu, kangangoku-
thi anilimalanga ngenxa yethu.
**10** Ngoba ukudabuka ngendle-

ISAHL. 6
a 2Ko 12:15
b 1Pe 2:17; 1Jo 4:20
c Eks 23:32, 33; Dut 7:3, 4; 1Kh 11:4; 1Ko 7:39
d Jak 4:4
e Efe 5:7, 8
f Mat 4:10; IsA 12:7, 8
g 1Ko 10:21
h 1Ko 10:14
i 1Ko 3:16
j Eks 29:45
k Lev 26:11, 12; Hez 37:27
l Isay 52:11; Jer 51:45; IsA 18:4
m Hez 20:41; 2Ko 7:1
n 2Sa 7:14
o Isay 43:6; Hos 1:10; Joh 1:12

ISAHL. 7
p 2Ko 6:16
q Rom 12:1; 1Ti 1:5; 1Ti 3:9; 1Jo 3:3

Uhla 2
a Rom 12:10; 2Ko 6:12, 13
b IzE 20:33, 34; 2Ko 12:17
c Flp 2:17; Flm 7
d IzE 20:1
e 2Ko 1:3, 4
f 2Ko 2:4

---

**6:12** *Noma, "ayiminyene." **6:13** *Noma, "nani yanulekani." **6:14** *Noma, "Ningahlanganiswa." **6:15** *Livela egameni lesiHebheru elisho ukuthi "Ukungabi Lusizo Lwalutho." Libhekisela kuSathane. #Noma, "othembekile." **6:17, 18** *Bheka iSithasiselo A5.

**7:7** *NgesiGreki, "nangentshiseko yenu."

la yokuhlonipha uNkulunkulu
kuveza ukuphenduka okuhole-
la ensindisweni, okwenza ku-
ngabi bikho ukuzisola;[a] ko-
dwa ukudabuka kwezwe kuve-
za ukufa. **11** Ngoba bhekani
ukuthi ukudabuka kwenu nge-
ndlela yokuhlonipha uNkulu-
nkulu kuveze inkuthalo enku-
lu kangakanani kini, yebo,
ukuzihlangula kwenu, intuku-
thelo, ukwesaba, isifiso esijuli-
le, intshiseko, ukulungisa oku-
ngalungile![b] Kuzo zonke izici
nazibonakalisa nimsulwa* kule
ndaba. **12** Nakuba nganibha-
lela, anginibhalelanga ngenxa
yalowo owonile,[c] noma ngenxa
yalowo owoniwe, kodwa ukuze
inkuthalo yenu ngathi ibe so-
bala phakathi kwenu emehlwe-
ni kaNkulunkulu. **13** Yinga-
kho siye saduduzeka.

Kodwa ngaphezu kwendudu-
zo yethu, sajabula ngisho na-
ngokwengeziwe ngenxa yenja-
bulo kaThithu, ngoba nonke
namkhuthaza. **14** Ngoba uma
ngiziqhayisile ngani kuye, angi-
hlazekanga; kodwa njengoba
zonke izinto esanitshela zona
ziyiqiniso, kanjalo nokuziqha-
yisa kwethu kuThithu kube
yiqiniso. **15** Indlela anithanda
ngayo nayo inkulu kakhulu
njengoba ekhumbula ukulale-
la kwenu nonke,[d] indlela ena-
mamukela ngayo ngokwesaba
nangokuthuthumela. **16** Ngi-
yajabula ngoba kuzo zonke izi-
nto enizenzayo ngiyakhuthaze-
ka* ngenxa yenu.

# 8

Manje bazalwane, sifuna
nazi ngomusa omkhulu ka-
Nkulunkulu ophiwe amabandla
aseMakedoniya.[e] **2** Phakathi
novivinyo olukhulu ngaphansi
kokuhlupheka, apha ngenjabu-
lo enkulu naphezu kobumpo-
fu bawo obukhulu. Lokhu kwe-
mbula ukuthi aphana kakhu-
lu. **3** Ngoba enza okwakuse-
mandleni awo,[a] yebo, ngiyafa-
kaza, kwakungaphezu kwama-
ndla awo,[b] **4** lapho ngokuzi-
thandela elokhu esincengisisa
ecela ilungelo lokupha ngomu-
sa, ukuze abe nengxenye enko-
nzweni yokusiza abangcwele.[c]
**5** Enza okungaphezu kwalo-
kho esasikulindele, njengoba
okokuqala anikela ngawo ngo-
kwawo eNkosini nakithi nge-
ntando kaNkulunkulu. **6** Nga-
kho sakhuthaza uThithu[d] uku-
ba, njengoba nje aqala lo mse-
benzi phakathi kwenu, kufa-
nele aphelelise nalokhu ku-
pha kwenu okufanayo komu-
sa. **7** Noma kunjalo, njengo-
ba nje nicebile kuzo zonke izi-
nto, okholweni nasezwini naso-
lwazini nakuyo yonke inkutha-
lo nasothandweni esinithanda
ngalo, kwangathi ningaba nesa-
ndla esivulekile nakulokhu ku-
pha komusa.[e]

**8** Lokhu angikusho ngenjo-
ngo yokuniyala, kodwa ngiku-
sho ngenjongo yokunenza niqa-
phele inkuthalo yabanye noku-
ba ngivivinye ubuqotho botha-
ndo lwenu. **9** Ngoba niyawa-
zi umusa omkhulu weNkosi ye-
thu uJesu Kristu, ukuthi naku-
ba yayicebile yaba mpofu nge-
nxa yenu,[f] ukuze nicebe ngobu-
mpofu bayo.

**10** Kulokhu ngisho umbono
wami:[g] Lokhu kuzozuzisa nina,
njengoba kakade esikhathini
esidlule esingangonyaka ani-
gcinanga nje ngokuqala uku-
kwenza lokhu kodwa nabonisa
nesifiso sokukwenza. **11** Nga-
kho manje qedelani umsebe-
nzi enawuqala. Khona-ke lokho
enikukhiphayo ngokwamandla

ISAHL. 7
a Hu 32:5; 1Jo 1:9
b Mat 3:8
c 1Ko 5:5
d 2Ko 2:9; Heb 13:17

ISAHL. 8
e Rom 15:26

Uhla 2
a IzE 11:29; 2Ko 9:7
b Mar 12:43, 44
c Rom 15:25, 26; 1Ko 16:1; 2Ko 9:1, 2
d 2Ko 12:18
e 1Ti 6:18
f Mat 8:20; Flp 2:7
g 1Ko 7:25

**7:11** * Noma, “nihlanzekile; ningenasici.”
**7:16** * Noma kungaba, “ngingaba nesibi-
ndi.”

enu kuyobonisa ukuzimisela
kwenu ukupha. **12** Ngoba
uma umuntu ezimisele uku-
pha, kwamukeleka ngokukhe-
thekile ngokwalokho umuntu
anakho,[a] hhayi ngokwalokho
umuntu angenakho. **13** Ngo-
ba angifuni ukwenza kube
lula kwabanye, kodwa kube
nzima kini; **14** kodwa ngiqo-
nde ukuba ngokulinganisa, ina-
la yenu njengamanje iqede
ukuswela kwabo, ukuze nena-
la yabo nayo iqede ukuntula
kwenu, kube khona ukulinga-
na. **15** Njengoba nje kulotshi-
we: "Umuntu onokuningi aka-
banga nokuningi kakhulu, no-
muntu onokuncane akabanga
nokuncane kakhulu."[b]

**16** Makabongwe uNkulu-
nkulu ngokwenza uThithu[c]
akhathazeke ngani ngendle-
la efanayo enhliziyweni yakhe,
**17** ngoba ngempela usamuke-
le isikhuthazo, kodwa uza kini
ngokuzithandela enokulanga-
zela okukhulu. **18** Kodwa si-
thumela kanye naye umza-
lwane odumo lwakhe ngezi-
ndaba ezinhle luye lwasakaze-
ka kuwo wonke amabandla.
**19** Akupheleli nje lapho, ko-
dwa futhi wamiswa amabandla
ukuba abe umngani wethu esi-
hambisana naye njengoba siqo-
ndisa lesi sipho somusa ukuze
kukhazinyuliswe iNkosi nanje-
ngobufakazi bokulungela kwe-
thu ukusiza. **20** Kanjalo si-
gwema ukuba kube khona
othola iphutha kithi mayela-
na nalo mnikelo owenziwe nge-
sandla esivulekile esiwuqondi-
sayo.[d] **21** Ngoba 'senza zonke
izinto ngokwethembeka, hha-
yi emehlweni kaJehova* ku-
phela, kodwa nasemehlweni
abantu.'[e]

**22** Ngaphezu kwalokho, si-
thumela kanye nabo umzalwa-
ne esimvivinye kaningi sam-
thola ekhuthele ezintweni ezi-
ningi, kodwa manje okhu-
thele nakakhulu ngenxa yo-
kuqiniseka kwakhe okukhulu
ngani. **23** Nokho, uma kukho-
na umbuzo ngoThithu, ungu-
muntu engihambisana naye ne-
sisebenzi engikanye naso uku-
ze kuzuze nina; noma uma
kunemibuzo ngabazalwane be-
thu, bangabaphostoli bamaba-
ndla nenkazimulo kaKristu.
**24** Ngakho baboniseni ubufa-
kazi bothando lwenu,[a] nibonise
amabandla ukuthi kungani sa-
ziqhayisa ngani.

# 9
Ngokuphathelene nokukho-
nza abangcwele,[b] akudi-
ngekile ngempela ukuba ngi-
nibhalele, **2** ngoba ngiyakwa-
zi ukuzimisela kwenu engizi-
qhayisa ngakho kwabaseMa-
kedoniya, ukuthi sekuwunyaka
manje abazalwane base-Akha-
ya belungele ukusiza, intshise-
ko yenu iye yakhuthaza ini-
ngi labo. **3** Kodwa ngithume-
la abazalwane, ukuze uku-
ziqhayisa kwethu ngani ku-
ngabi yize kule ndaba, noku-
ba nibe abakulungele ngempe-
la, njengoba nje ngathi niyo-
be ninjalo. **4** Uma kungenja-
lo, uma abaseMakedoniya be-
ngeza nami banithole ningazi-
lungiselele, siyohlazeka thina
—ingasaphathwa eyenu—nge-
nxa yokunethemba kwethu.
**5** Ngakho ngacabanga ukuthi
kudingekile ukukhuthaza aba-
zalwane ukuba beze kini kuse-
ngaphambili futhi basilungise
kusengaphambili isipho senu
enisenza ngesandla esivule-
kile esathenjiswa ngaphambili,
ukuze sibe sesilungile njenge-
sipho enisenza ngesandla esi-
vulekile hhayi njengento epha-
ngiwe.

ISAHL. 8
*a* Dut 16:10, 17
IzA 3:27, 28
*b* Eks 16:18
*c* 2Ko 12:18
*d* 1Ko 16:1
*e* IzA 3:4
1Pe 2:12

Uhla 2
*a* 1Pe 1:22
1Pe 2:17

ISAHL. 9
*b* Rom 15:26
1Ko 16:1
2Ko 9:12

**8:21** * Bheka iSithasiselo A5.

**6** Kodwa ngokuqondene na-
lokhu, lowo ohlwanyela kanca-
ne uyovuna kancane futhi, na-
lowo ohlwanyela kakhulu uyo-
vuna kakhulu futhi.[a] **7** Yilo-
wo nalowo makenze njengo-
ba nje enqumile enhliziyweni
yakhe, kungabi ngokudabuka*
noma ngaphansi kokucindeze-
lwa,[b] ngoba uNkulunkulu utha-
nda umuntu ojabulayo lapho
epha.[c]
**8** Ngaphezu kwalokho, uNku-
lunkulu uyakwazi ukwenza wo-
nke umusa wakhe omkhulu
uvame kini, ukuze ngaso so-
nke isikhathi nibe abanelise-
ke ngokugcwele kuzo zonke
izinto, nibe nokuningi kwa-
wo wonke umsebenzi omu-
hle.[d] **9** (Njengoba nje kulotshi-
we: “Uyaphana;* ubanikile aba-
mpofu. Ukulunga kwakhe ku-
hlala kuze kube phakade.”[e]
**10** Manje Lowo onika umhlwa-
nyeli imbewu ngobuningi nesi-
nkwa sokudla uyoninika fu-
thi aniphindaphindele imbewu
ukuze nihlwanyele futhi uyosa-
ndisa isivuno sokulunga kwe-
nu.) **11** Kuzo zonke izinto ni-
cetshiselwa yonke inhlobo yo-
kuphana, okuveza ngathi isenzo
sokubonisa ukubonga kuNkulu-
nkulu; **12** ngoba inkonzo yalo
msebenzi womphakathi ayikho-
na nje ukunakekela kahle izidi-
ngo zabangcwele[f] kodwa noku-
ceba ezenzweni eziningi zoku-
bonisa ukubonga kuNkulunku-
lu. **13** Ngobufakazi obunike-
zwa yile nkonzo yokunikeza usi-
zo, bakhazimulisa uNkulunkulu
ngenxa yokuthi niyazithoba ezi-
ndabeni ezinhle mayelana no-
Kristu, njengoba nje namemeze-
la obala, nangenxa yokuthi niya-
phana emnikelweni wenu kubo
nakubo bonke.[a] **14** Ngokuni-
nxusela baveza uthando abani-
thanda ngalo ngenxa yomusa
kaNkulunkulu omkhulu odlulele
ophezu kwenu.
**15** Makabongwe uNkulu-
nkulu ngesipho sakhe sesihle
esingachazeki.

**10** Manje mina Pawulu, ngi-
nincenga ngobumnene
nangomusa kaKristu,[b] naku-
ba ngiphansi lapho ngiphaka-
thi kwenu sibhekene ubuso no-
buso,[c] kodwa nginesibindi uma
ngingekho nani.[d] **2** Nginethe-
mba lokuthi lapho ngifika kini
ngeke kudingeke ngibathathele
izinyathelo eziqinile labo aba-
cabanga ukuthi sihamba nje-
ngabantu baleli zwe.* **3** Ngo-
ba nakuba sihamba enyameni,
asilwi impi ngokwalokho esi-
yikho enyameni. **4** Ngoba izi-
khali zempi yethu azizona eze-
nyama,[e] kodwa ngoNkulunkulu
zinamandla[f] okugumbuqela izi-
nto ezimbelwe ngokuqinile.
**5** Ngoba sigumbuqela imicaba-
ngo kanye nayo yonke into
ephakeme ephakanyiswe yame-
lana nolwazi ngoNkulunkulu,[g]
futhi sithumba yonke imicaba-
ngo ukuze siyenze ilalele uKri-
stu; **6** sikulungele ukukhipha
isijeziso ngakho konke ukunga-
laleli,[h] lapho nje nibonisa uku-
thi nilalela ngokugcwele.
**7** Nibheka izinto ngokubo-
nakala kwazo kwangaphandle.
Uma umuntu ezithemba yena
ukuthi ungokaKristu, makaphi-
nde acabange ngaleli qini-
so: Njengoba nje engokaKri-
stu, nathi singabakhe. **8** Ngi-
sho noma ngingaziqhayisa ka-
khudlwana ngegunya iNkosi
eyasinika lona lokuba sinakhe
hhayi ukuba sinidilize,[i] ngeke
ngihlazeke. **9** Ngoba angifuni

9:7 *Noma, “ngokuba manqikanqika.”
9:9 *Noma, “Wabile kabanzi; Uphe nge-
sandla esivulekile.”

10:2 *Noma, “ngokwenyama.”

ISAHL. 9
a IzA 11:24, IzA 19:17, IzA 22:9, Shu 11:1, Luk 6:38
b Dut 15:7, 10
c Eks 22:29, IzA 11:25, IzE 20:35, Heb 13:16
d IzA 28:27, Mal 3:10, Flp 4:18, 19
e Hu 112:9
f Rom 15:26, 27, 2Ko 8:14

Uhla 2
a Mat 5:16, Heb 13:16, Jak 1:27, 1Jo 3:17

ISAHL. 10
b Mat 11:29, 30
c 1Ko 2:3
d 2Ko 10:10
e Mat 26:52, 1Ti 1:18, 19
f 2Ko 6:4, 7
g 1Ko 1:19, 20, 1Ko 3:19, 20, 2Ti 2:24, 25
h 1Ti 1:20
i Heb 13:17

kubonakale sengathi ngangi-
zama ukunesabisa ngezincwa-
di zami. **10** Ngoba bathi: “Izi-
ncwadi zakhe zinesisindo futhi
zinamandla, kodwa ukuba kho-
na kwakhe ngokoqobo kubu-
thakathaka nokukhuluma kwa-
khe kudelelekile.” **11** Umuntu
onjalo makacabange ngokuthi
lokho esikushoyo* ngezincwa-
di uma singekho, yikho fu-
thi esiyokwenza# uma sikho-
na.[a] **12** Ngoba asilokothi sizi-
fake esigabeni sabathile noma
siziqhathanise nabathile abazi-
tusa bona.[b] Kodwa lapho bezi-
kala ngabo ngokwabo futhi be-
ziqhathanisa nabo ngokwabo,
abanakho ukuqonda.[c]

**13** Nokho, ngeke siziqha-
yise ngaphandle kwemingce-
le yethu esiyabelwe, ko-
dwa phakathi komngcele we-
ndawo uNkulunkulu asikalele
yona, eyenza ifinyelele ngisho
nakini.[d] **14** Ngempela, asenzi
lutho ngaphandle kwemingcele
esiyabelwe njengokungathi asi-
zange sifike kini, ngoba sasi-
ngabokuqala ukuba sifike kini
nezindaba ezinhle mayelana
noKristu.[e] **15** Cha, asiziqha-
yisi ngaphandle kwemingce-
le yethu esiyabelwe ngomshi-
kashika womunye umuntu, ko-
dwa sinethemba lokuthi nje-
ngoba ukholo lwenu luqhube-
ka lwanda, lokho esikwenzile
kungandiswa endaweni yethu.
Khona-ke sizovama nakakhulu,
**16** ukuze simemezele izindaba
ezinhle emazweni angapheshe-
ya kwenu, ukuze singaziqhayi-
si ngento esiyenziwe endaweni
yomunye umuntu. **17** “Kodwa
lowo oziqhayisayo, makaziqha-
yise ngoJehova.”*[f] **18** Ngoba
akuyena ozitusayo owamuke-
lekayo,[a] kodwa yilowo otuswa
uJehova.*[b]

**11** Ngisho noma kubonakala
sengathi ngintula ukuhla-
kanipha, ngingathanda ningibe-
kezelele. Kodwa eqinisweni, ni-
yangibekezelela! **2** Ngoba ngi-
yakhweleza ngani ngesikhwe-
le sokuhlonipha uNkulunkulu,*
ngoba mina uqobo nganithe-
mbisa umshado nendoda eyo-
dwa ukuze nginethule nje-
ngentombi emsulwa kuKristu.[c]
**3** Kodwa ngiyesaba ukuthi nga-
ndlela-thile, njengoba inyoka
yayenga u-Eva ngobuqili bayo,[d]
izingqondo zenu zingase zo-
nakaliswe zisuke ebuqothwe-
ni nasebumsulweni obufane-
le uKristu.[e] **4** Ngoba njenga-
manje, uma kufika othile ashu-
mayele ngomunye uJesu nga-
phandle kwalowo esashumaye-
la ngaye, noma uma namuke-
la omunye umoya ngaphandle
kwalowo enawamukela, noma
ezinye izindaba ezinhle ngapha-
ndle kwalezo enazamukela,[f] ni-
mbekezelela kalula. **5** Ngoba
ngicabanga ukuthi angibonaka-
langa nakweyodwa into ngipha-
nsi kunabaphostoli benu aba-
hle kakhulu.[g] **6** Kodwa ngi-
sho noma ngingenalo ikhono
ekukhulumeni,[h] ngokuqiniseki-
le angiyena ongenalo olwazi-
ni; ngempela salwenza lwacaca
kini ngazo zonke izindlela na-
kuzo zonke izinto.

**7** Noma, ngenza isono yini
ngokuzithoba ukuze nina ni-
phakanyiswe, ngenxa yokuthi
ngazimemezela ngentokozo izi-
ndaba ezinhle zikaNkulunku-
lu kini ngaphandle kwenkokhi-
so?[i] **8** Ngathola usizo kwama-
nye amabandla, kunjengoku-
ngathi ngantshontshela wona

---

**10:11** *NgesiGreki, “lokho esiyikho nge-
zwi.” #NgesiGreki, “esiyoba yikho nge-
senzo.” **10:17, 18** *Bheka iSithasise-
lo A5.

**11:2** *NgesiGreki, “sokushisekela uNku-
lunkulu.”

**ISAHL. 10**
a 2Ko 13:2
b 2Ko 5:12
c IzA 26:12; Gal 6:3
d IzE 9:15; Gal 2:8
e 1Ko 3:10; 1Ko 4:15
f Jer 9:24; 1Ko 1:31

**Uhla 2**
a Luk 18:10-14
b 1Ko 4:5; 2Ti 2:15

**ISAHL. 11**
c Mar 2:19; Efe 5:23; IsA 21:2, 9
d Gen 3:4, 5; Joh 8:44
e 1Ti 6:3-5; Heb 13:9; 2Pe 3:17
f Gal 1:7, 8
g 2Ko 11:23
h 2Ko 10:10
i IzE 18:3; 1Ko 9:18

ukuze ngikhonze nina.[a] **9** No-
kho, ngesikhathi ngikanye nani
futhi ngiswele, angizange ngi-
be umthwalo nakoyedwa, ngo-
ba abazalwane ababevela eMa-
kedoniya banginikeza konke
engangikudinga.[b] Yebo, ngazo
zonke izindlela ngazigcina ngi-
ngewona umthwalo kini futhi
ngizoqhubeka ngenza kanjalo.[c]
**10** Uma nje ngisewumlandeli
kaKristu, ngeke ngikuyeke lo-
khu kuziqhayisa[d] ezifundeni
zase-Akhaya. **11** Ngasiphi isi-
zathu? Ngoba nginganithandi?
UNkulunkulu uyazi ukuthi ngi-
yanithanda.

**12** Kodwa lokhu engikwe-
nzayo ngizoqhubeka ngikwe-
nza,[e] ukuze ngiqede izaba za-
labo abafuna isizathu* soku-
ba batholakale belingana nathi
ezintweni# abaziqhayisa nga-
zo. **13** Ngoba abantu abanja-
lo bangabaphostoli bamanga,
izisebenzi ezikhohlisayo, baze-
nza abaphostoli bakaKristu.[f]
**14** Lokhu akumangazi ngoba
uSathane ulokhu ezenza inge-
losi yokukhanya.[g] **15** Ngakho-
ke akuyona into eyisimanga
uma nezikhonzi zakhe zilokhu
zizenza izikhonzi zokulunga.
Kodwa ukuphela kwazo kuyoba
njengokwemisebenzi yazo.[h]

**16** Ngiyaphinda futhi ngithi:
Makungabikho muntu ocaba-
nga ukuthi anginangqondo. Ko-
dwa ngisho noma nicabanga
kanjalo, ngamukeleni njengo-
muntu ongenangqondo, uku-
ze nami ngiziqhayise kancane.
**17** Engikushoyo manje angiku-
sho ngilandela isibonelo se-
Nkosi, kodwa ngikusho nge-
ndlela umuntu ongenangqondo
abengakusho ngayo, ngoku-
zethemba okuhambisana noku-
ziqhayisa. **18** Njengoba aba-
ningi beziqhayisa ngokuvume-
lana nenyama,* nami ngizo-
ziqhayisa. **19** Njengoba nina
nizitshela ukuthi ninengqo-
ndo, nibabekezelela ngenja-
bulo abantu abangenangqo-
ndo. **20** Eqinisweni, nibekeze-
lela noma ubani onigqilazayo,
noma ubani oshwabadela impa-
hla yenu, noma ubani ohlwitha
lokho eninakho, noma ubani
oziphakamisayo phezu kwenu,
nanoma ubani onishaya ebu-
sweni.

**21** Ngikusho lokhu ukuze
kuhlazeke thina, njengoba ku-
ngase kubonakale sengathi se-
nze ngendlela ebuthakathaka.

Kodwa uma abanye benza
ngendlela ebonisa isibindi—ngi-
khuluma ngokungenangqo-
ndo—nami ngenza ngendle-
la ebonisa isibindi. **22** Ingabe
bangamaHebheru? Nami ngi-
nguye.[a] Ingabe bangama-Isra-
yeli? Nami nginguye. Ingabe
bayinzalo* ka-Abrahama? Nami
ngiyiyo.[b] **23** Ingabe bayizi-
khonzi zikaKristu? Ngiphendu-
la njengohlanya, ngiyisikho-
nzi sikaKristu ngendlela evele-
le kakhulu kunabo: Ngenze imi-
sebenzi eminingi kunabo,[c] nga-
boshwa kaningi kunabo,[d] nga-
shaywa izikhathi eziningi, nga-
cishe ngafa izikhathi ezini-
ngi.[e] **24** Kahlanu ngamukela
imivimbo engu-39 kumaJuda,[f]
**25** ngashaywa ngezinduku[g] ka-
thathu, ngashaywa ngamatshe[h]
kanye, ngaphukelwa umkhu-
mbi[i] kathathu, ngachitha ubu-
suku obubodwa nemini eyodwa
ngisolwandle; **26** ohambweni
kaningi, ezingozini emifuleni,
ezingozini ezigebengwini, ezi-
ngozini kubantu bakithi,[j] ezi-
ngozini ezizweni,[k] ezingozini

11:12 *Noma, "izaba." #Noma, "ngesi-
khundla."

11:18 *Okuwukuthi, ngokwemibono ya-
bantu. 11:22 *NgesiGreki, "bayimbe-
wu."

ISAHL. 11
a Flp 4:10
b Flp 4:15, 16
c 1Th 2:9
d 1Ko 9:14, 15
e 1Ko 9:11, 12
f Rom 16:17, 18
2Pe 2:1
g Gal 1:8
2Th 2:9
h Mat 16:27
Flp 3:18, 19
2Ti 4:14

Uhla 2
a IzE 22:3
b Rom 11:1
Flp 3:4, 5
c Rom 11:13
1Ko 15:10
d IzE 16:23, 24
e IzE 9:15, 16
2Ko 6:4, 5
1Pe 2:20, 21
f Dut 25:3
g IzE 16:22
h IzE 14:19
i IzE 27:41
j IzE 20:3
IzE 23:10
k IzE 14:5, 6

edolobheni,[a] ezingozini ehlane,
ezingozini olwandle, ezingozini
phakathi kwabazalwane bama-
nga, **27** emshikashikeni nase-
kukhandlekeni, ekuqwasheni
kaningi ebusuku,[b] ekulambeni
nasekomeni,[c] ekusweleni uku-
dla izikhathi eziningi,[d] ema-
khazeni nasekusweleni okoku-
gqoka.*

**28** Ngaphandle kwalezo zi-
nto,* kukhona okungicindeze-
layo usuku nosuku: ukukha-
thazeka ngawo wonke ama-
bandla.[e] **29** Lapho othile ebu-
thakathaka, angibi yini bu-
thakathaka nami? Lapho othi-
le ekhutshekiswa, akungithu-
kuthelisi yini lokho?

**30** Uma kumele ngiqho-
she, ngizoqhosha ngezinto ezi-
bonisa ubuthakathaka bami.
**31** UNkulunkulu noYise we-
Nkosi uJesu, Lowo okumele
adunyiswe kuze kube phakade,
uyazi ukuthi angiqambi ama-
nga. **32** EDamaseku umbusi
ongaphansi kuka-Aretha inko-
si wayegade idolobha labase-
Damaseku ukuze angibambe,
**33** kodwa ngehliswa ngobhasi-
kidi* ngefasitela elisodongeni
lwedolobha,[f] ngaphunyuka eza-
ndleni zakhe.

**12** Kumele ngiqhoshe. Aku-
zuzisi, kodwa ngizodlule-
la emibonweni iNkosi eya-
ngibonisa yona[g] nasezambu-
lweni zayo.[h] **2** Ngazi umu-
ntu othile owayemunye noKri-
stu, okwathi eminyakeni engu-
14 edlule—ukuthi kwakusemzi-
mbeni yini noma kwakunga-
phandle komzimba, angazi;
nguNkulunkulu owaziyo—wa-
thathwa wayiswa ezulwini le-
sithathu. **3** Yebo, ngiyamazi
umuntu onjalo—ukuthi kwa-
kusemzimbeni noma kwaku-
ngaphandle komzimba yini,
angazi; nguNkulunkulu owa-
ziyo— **4** owathathwa wayi-
swa epharadesi futhi we-
zwa amazwi angakhulumeki
nokungekhona okungokomthe-
tho ngomuntu ukuba awakhu-
lume. **5** Ngizoqhosha ngomu-
ntu onjalo, kodwa ngeke ngi-
qhoshe ngami, ngaphandle ko-
buthakathaka bami. **6** Ngoba
ngisho noma ngifuna uku-
qhosha, ngeke ngibe ongena-
ngqondo, ngoba ngizokhuluma
iqiniso. Kodwa ngiyakugwema
ukwenza kanjalo, ukuze kunga-
bikho muntu onginika udumo
olungaphezu kwalokho akubo-
nayo kimi noma akuzwayo
kimi, **7** ngenxa nje yokuthola
lezo zambulo ezingavamile.

Ukuze ngingaphakami ngo-
kweqile, nganikwa iva enyame-
ni,[a] ingelosi kaSathane, uku-
ba liqhubeke lingishaya, uku-
ze ngingaphakami ngokweqile.
**8** Ngayincenga kathathu iNko-
si mayelana nalokhu, uku-
ba lisuke kimi. **9** Kodwa yathi
kimi: "Umusa wami omkhulu
ukwanele, ngoba amandla ami
enziwa aphelele ebuthakatha-
keni."[b] Ngakho, ngokuthokoza
okukhulu ngizoqhosha ngobu-
thakathaka bami, ukuze ama-
ndla kaKristu ahlale phezu
kwami njengetende. **10** Nga-
kho ngiyajabula ngobuthaka-
thaka, ngokuthukwa, ngezikha-
thi zokuswela, ngokushushi-
swa nangobunzima, ngenxa ka-
Kristu. Ngoba lapho ngibutha-
kathaka, kulapho-ke nginama-
ndla khona.[c]

**11** Sengiye ngaba ongena-
ngqondo. Ningicindezele uku-
ba ngibe njalo, ngoba bekufa-
nele ngabe ngituswe yini. Ngo-
ba angizange ngibe pha-

ISAHL. 11
a IzE 13:50
b IzE 20:31
c 1Ko 4:11
d 2Ko 6:4, 5
e 2Ko 2:4
Kol 2:1
f IzE 9:24, 25

ISAHL. 12
g IzE 2:17
h IzE 22:17, 18

Uhla 2
a Gal 4:13
b Isay 40:29
c Flp 4:13

**11:27** *NgesiGreki, "nasekuhambeni nqunu." **11:28** *Noma, "zinto ezingezohlobo lwangaphandle." **11:33** *Noma, "ngobhasikidi olukiwe."

nsi kunabaphostoli benu aba-
hle kakhulu ngisho nakweyo-
dwa into, ngisho noma nginge-
lutho.[a] **12** Ngempela, izibona-
kaliso zomphostoli zavezwa
phakathi kwenu ngokukhu-
thazela okukhulu,[b] nangezibo-
nakaliso nezimangaliso nemi-
sebenzi yamandla.[c] **13** Ngoba
naba bancane ngayiphi indle-
la kunamanye amabandla, nga-
phandle kokuthi mina ngokwa-
mi angizange ngibe umthwalo
kini?[d] Ngithetheleleni ngomusa
ngalobu bubi.

**14** Bhekani! Sekungokwesi-
thathu ngilungele ukuza kini,
futhi ngeke ngibe umthwa-
lo. Ngoba angifuni izinto zenu,[e]
kodwa nina; ngoba abantwa-
na[f] akulindelekile ukuba baqo-
ngelelele abazali babo, ko-
dwa ngabazali okulindeleke
ukuba baqongelelele abantwa-
na babo. **15** Mina ngizokuja-
bulela kakhulu ukusebenzi-
sa konke enginakho noku-
ba ngisetshenziswe ngoku-
gcwele ngenxa yenu.[g] Uma
nginithanda kakhulu kangako,
ingabe kumele ngithandwe ka-
ncane? **16** Kodwa noma nga-
be kunjalo, angizange ngibe
umthwalo kini.[h] Noma kunjalo,
nithi, ngasebenzisa "amaqhi-
nga" futhi nganibamba "ngo-
kukhohlisa." **17** Mina nano-
ma ubani kulabo engibathume-
le kini asizange sisizakale nga-
ni, akunjalo? **18** Ngancenga
uThithu, ngathumela umzalwa-
ne kanye naye. UThithu aka-
zange neze asizakale ngani,
akunjalo?[i] Sahamba ngomoya
ofanayo, akunjalo? Ezinyathe-
lweni ezifanayo, akunjalo?

**19** Ingabe sonke lesi sikha-
thi benicabanga ukuthi besizi-
vikela kini? Sikhuluma pha-
mbi kukaNkulunkulu simunye
noKristu. Kodwa bathandeka-
yo, konke esikwenzayo sikwe-
nzela ukwakha nina. **20** Ngo-
ba ngiyesaba ukuthi lapho ngi-
fika, indlela enenza ngayo izo-
be ingasekona lokho engikufi-
sayo, nendlela engenza ngayo
iyobe ingasekona lokho eniku-
fisayo, kodwa esikhundleni sa-
lokho, kungase kube nokuxa-
bana, umona, ukuqhuma kwe-
ntukuthelo, imibango, ukunye-
vuza,* ukuhleba, ukuqhosha,
neziyaluyalu. **21** Mhlawumbe
uma ngiphinda ngiza, uNkulu-
nkulu wami angase angihlazise
phambi kwenu, kungase kudi-
ngeke ukuba ngililele abaningi
kulabo abona ngaphambili ko-
dwa abangaphendukanga eku-
ngcoleni kwabo nasekuzipha-
theni kabi ngokocansi* naseku-
ziphatheni kabi okuhambisana
nendelelo# abakwenzile.

**13** Sekungokwesithathu ngi-
za kini. "Zonke izinda-
ba kumele ziqinisekiswe* ngo-
bufakazi# babantu ababili noma
abathathu."[a] **2** Nakuba nginge-
kho manje, kunjengokungathi
ngikhona okwesibili, ngibaxwa-
yisa kusengaphambili labo abo-
na ngaphambili nabo bonke
abanye, ngithi uma kwenze-
ka ngiphinda ngiza akekho
oyosinda esiyalweni, **3** nje-
ngoba nifuna ubufakazi bo-
kuthi uKristu, ongebuthaka-
thaka kini kodwa onamandla
phakathi kwenu, ukhuluma nga-
mi ngempela. **4** Ngoba nge-
mpela, wabulawelwa esigxo-
tsheni ngenxa yobuthaka-
thaka, kodwa uyaphila nge-
nxa yamandla kaNkulunkulu.[b]

ISAHL. 12
a 2Ko 11:23
b 2Ko 6:4
c IzE 14:3; IzE 15:12; Rom 15:18, 19
d 1Ko 9:11, 12; 2Ko 11:9
e IzE 20:33
f 1Ko 4:14
g 2Ko 1:6; Kol 1:24; 1Th 2:8; Heb 13:17
h 2Ko 11:9
i 2Ko 8:6

Uhla 2

ISAHL. 13
a Dut 19:15; Mat 18:16
b Rom 6:4; 1Pe 3:18

**12:20** *Noma, "ukukhuluma kabi ngomuntu." **12:21** *NgesiGreki, i-*por·neiʹa.* Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. #Noma, "nezenzo zokuziphatha okuyichilo." Igama lesiGreki elithi *a·selʹgei·a.* Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **13:1** *Noma, "ziqiniswe." #NgesiGreki, "ngomlomo wofakazi."

Yiqiniso, nathi sibuthakathaka
kanye naye, kodwa siyophila ka-
nye naye[a] ngenxa yamandla ka-
Nkulunkulu kini.[b]
5 Qhubekani nihlola ukuthi
nisokholweni yini; qhubeka-
ni nihlola lokho nina ngo-
kwenu eniyikho.[c] Noma ani-
boni yini ukuthi uJesu Kristu
umunye nani? Ngaphandle-ke
uma ningamukeleki. 6 Nge-
mpela nginethemba lokuthi ni-
zobona ukuthi asibona abanga-
mukeleki.
7 Sithandaza kuNkulunkulu
ukuba ningenzi lutho olubi,
hhayi ukuba thina sibonakale
samukelekile, kodwa ukuba ne-
nze okuhle, ngisho noma thina
singase sibonakale singamuke-
leki. 8 Ngoba asinakwenza lu-
tho olumelene neqiniso, kodwa
sizothuthukisa iqiniso kuphe-
la. 9 Ngokuqinisekile, siyaja-
bula noma nini lapho thina si-
buthakathaka kodwa nina ni-
namandla. Nakhu esikuthanda-
zelayo, ukulungiswa kwenu.
10 Yingakho ngibhala lezi zi-
nto lapho ngingekho, ukuze ku-
thi uma sengikhona, ngingali-
sebenzisi ngokhahlo igunya
iNkosi eyanginika lona,[a] ukuba
ngakhe hhayi ukuba ngidilize.
11 Okokugcina bazalwane,
qhubekani nijabula, nilungi-
swa, niduduzwa,[b] nicabanga
ngokuvumelana,[c] niphila ngo-
kuthula;[d] khona-ke uNkulunku-
lu wothando nokuthula[e] uyoba
nani. 12 Bingelelanani ngoku-
qabulana okungcwele. 13 Bo-
nke abangcwele bayakhonza
kini.
14 Umusa omkhulu weNko-
si uJesu Kristu nothando luka-
Nkulunkulu nomoya ongcwele
enizuza kuwo makube nani no-
nke.

ISAHL. 13
*a* 2Ti 2:11, 12
*b* 1Ko 6:14
*c* 1Ko 11:28 Gal 6:4

Uhla 2
*a* 1Ko 4:21
*b* 2Ko 1:3, 4
*c* Flp 2:2
*d* 1Th 5:13 Jak 3:17 1Pe 3:11 2Pe 3:14
*e* 1Ko 14:33

KWABASE-

# GALATHIYA

UHLU LOKUPHAKATHI

1 Ukubingelela (1-5)
Azikho ezinye izindaba ezinhle (6-9)
Izindaba ezinhle ezishunyayelwa uPawulu zivela kuNkulunkulu (10-12)
Ukuguquka kukaPawulu nomsebenzi wasekuqaleni (13-24)

2 UPawulu uhlangana nabaphostoli eJerusalema (1-10)
UPawulu ulungisa uPetru (uKhefase) (11-14)
Kuthiwe balungile ngenxa yokholo kuphela (15-21)

3 Imisebenzi yoMthetho nokholo (1-14)
Abalungile bayophila ngokholo (11)
UMthetho awusenzi singasebenzi isithembiso esenziwa ngo-Abrahama (15-18)
Inzalo ka-Abrahama, uKristu (16)
Umsuka nenjongo yoMthetho (19-25)
Amadodana kaNkulunkulu ngokholo (26-29)
Inzalo ka-Abrahama, labo abangabakaKristu (29)

4 Abasezona izinceku kodwa sebengamadodana (1-7)
Ukukhathazeka kukaPawulu ngabaseGalathiya (8-20)
UHagari noSara: izivumelwano ezimbili (21-31)

IJerusalema eliphezulu, umama wethu, likhululekile (26)
5 Inkululeko yobuKristu (1-15)
Ukuhamba ngomoya (16-26)
Imisebenzi yenyama (19-21)
Izithelo zomoya (22, 23)
6 Ukuthwalisana imithwalo (1-10)
Okuhlwanyelwayo kuyavunwa (7, 8)
Ukusoka akulutho (11-16)
Indalo entsha (15)
Isiphetho (17, 18)


**1** Mina Pawulu ongumphosto-
li ngiyanibhalela. Akekho
umuntu owangimisa ukuba ngi-
be umphostoli, kodwa uJesu
Kristu[a] noNkulunkulu uYise,[b]
owamvusa kwabafile. **2** Yebo,
mina Pawulu kanye nawo wo-
nke amakholwa akanye nami
ngiyanibhalela, nina mabandla
aseGalathiya:

**3** Kwangathi ningathola
umusa omkhulu* nokuthula
okuvela kuNkulunkulu uBa-
ba naseNkosini uJesu Kristu.
**4** Yazinikela ngenxa yezono
zethu[c] ukuze isikhulule kule-
li zwe* lamanje elikhohlake-
le[d] ngokwentando kaNkulunku-
lu noBaba wethu,[e] **5** okumele
inkazimulo ibe kuye kuze kube
phakade naphakade. Amen.

**6** Kuyangimangaza ukuthi
nimfulathela* masinyane ka-
ngaka Lowo owanibiza ngomu-
sa omkhulu kaKristu enibizela
kolunye uhlobo lwezindaba ezi-
nhle.[f] **7** Akukhona ukuthi ku-
nezinye izindaba ezinhle; ko-
dwa kunabathile abanibangela
inkathazo,[g] abafuna ukuhlane-
kezela izindaba ezinhle mayela-
na noKristu. **8** Nokho, ngi-
sho noma thina noma ingelo-
si evela ezulwini besingameme-
zela kini njengezindaba ezinhle
okuthile okungale kwezinda-
ba ezinhle esazimemezela kini,
makaqalekiswe lowo. **9** Nje-
ngoba sishilo ngaphambili, ngi-
yaphinda futhi ngiyasho, noma
ubani omemezela kini njenge-
zindaba ezinhle okuthile oku-
ngale kwalokho enakwamuke-
la, makaqalekiswe.

**10** Eqinisweni, ingabe ma-
nje ngizama ukuthonya abantu
noma uNkulunkulu? Noma inga-
be ngizama ukujabulisa aba-
ntu? Ukube bengisajabulisa
abantu, ngabe angiyona ince-
ku kaKristu. **11** Ngoba ngifu-
na nazi bazalwane ukuthi izi-
ndaba ezinhle engazimemezela
kini aziveli kubantu;[a] **12** ngo-
ba nami angizitholanga kumu-
ntu futhi angizifundiswanga,
kodwa ngazambulelwa uJesu
Kristu.

**13** Impela, nezwa ngokuzi-
phatha kwami kwangaphambi-
li enkolweni yobuJuda,[b] uku-
thi ngangilokhu ngilishushisa
ngonya* ibandla likaNkulunku-
lu futhi ngilichitha;[c] **14** nga-
ngenza intuthuko enkulu enko-
lweni yobuJuda kunabaningi
kontanga yami esizweni sa-
kithi, njengoba ngangiwashi-
sekela kakhulu impela ama-
siko obaba.[d] **15** Kodwa lapho
uNkulunkulu, owangihlukanisa
nesibeletho sikamama futhi

ISAHL. 1
a IzE 9:15; IzE 26:15, 16
b IzE 22:14, 15
c 1Jo 2:1, 2
d Joh 15:19
e 1Ti 2:3, 4
f 2Ko 11:3, 4; Gal 5:7
g Gal 5:10

Uhla 2
a 1Th 2:13
b IzE 23:6
c IzE 8:3; IzE 9:1, 2; IzE 22:4; IzE 26:9-11
d IzE 22:3; Flp 3:4-6

**1:3** *Noma, "umusa ongafanelwe." **1:4** *Noma, "kulesi simiso sezinto." Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **1:6** *Noma, "nisuswa."

**1:13** *NgesiGreki, "kwaze kwaba seqophelweni lokweqisa."

wangibiza ngomusa wakhe om-
khulu,[a] ekubona kukuhle
**16** ukwambula iNdodana ya-
khe ngami, ukuze ngimemezele
ezizweni izindaba ezinhle ma-
yelana nayo,[b] angizange ngice-
le iseluleko somunye umuntu
ngokushesha; **17** futhi angi-
zange ngikhuphukele eJerusa-
lema kulabo ababengabapho-
stoli ngaphambi kwami, kodwa
ngaya e-Arabhiya, ngase ngibu-
yela eDamaseku.[c]

**18** Ngemva kweminyaka emi-
thathu ngakhuphukela eJerusa-
lema[d] ngiyovakashela uKhe-
fase,*[e] ngahlala naye izinsu-
ku ezingu-15. **19** Kodwa ake-
kho omunye umphostoli enga-
mbona ngaphandle kukaJakobe[f]
umfowabo weNkosi. **20** Ngo-
kuqondene nezinto enginibhale-
la zona, ngiyaniqinisekisa pha-
mbi kukaNkulunkulu ukuthi
angiqambi amanga.

**21** Ngemva kwalokho ngaya
ezifundeni zaseSiriya naseKhi-
likhiya.[g] **22** Kodwa amaba-
ndla aseJudiya ayemunye no-
Kristu ayengangazi. **23** Aye-
vame nje ukuzwa kuthiwa:
"Umuntu owayesishushisa nga-
phambili[h] manje usememezela
izindaba ezinhle mayelana no-
kholo ayeluhlasela ngaphambi-
li."[i] **24** Ngakho aqala ukukha-
zimulisa uNkulunkulu ngenxa
yami.

**2** Ngemva kweminyaka engu-
14 ngaphinde ngakhuphu-
kela eJerusalema ngihamba
noBarnaba[j] noThithu.[k] **2** Nga-
khuphuka ngenxa yesambulo,
ngethula kubo izindaba ezinhle
engizishumayela phakathi kwe-
zizwe. Nokho lokhu kwenzi-
wa ngasese, phambi kwamado-
da ayehlonishwa kakhulu, uku-
ze kuqinisekiswe ukuthi angigi-
jimelanga ize noma ngangi-
ngagijimeli ize. **3** Noma ku-
njalo, ngisho noThithu owaye-
nami,[a] akacindezelwanga uku-
ba asokwe,[b] nakuba ayengum-
Greki. **4** Kodwa leyo ndaba
yavela ngenxa yabazalwane ba-
manga abangeniswe ngesinye-
nyela,[c] abangena ngokunye-
nya bezohlola inkululeko[d] esi-
yijabulelayo njengabafundi ba-
kaKristu Jesu, ukuze basigqila-
ze ngokuphelele;[e] **5** asibatho-
belanga, cha, hhayi ngisho ne-
sikhashana*[f] nje, ukuze iqiniso
lezindaba ezinhle liqhubeke li-
nani.

**6** Kodwa ngokuqondene na-
labo ababebonakala bebalule-
kile[g]—noma ngabe babeluhlobo
luni lwabantu, akwenzi mahlu-
ko kimi, ngoba uNkulunkulu
akayi ngokubonakala komuntu
kwangaphandle—lawo madoda
ayehlonishwa kakhulu awasho-
ngo lutho olusha kimi. **7** Ngo-
kuphambene nalokho, lapho
bebona ukuthi ngiphathiswe
izindaba ezinhle zalabo aba-
ngasokile,[h] njengoba nje uPe-
tru ayephathiswe ezalabo aba-
sokile— **8** ngoba lowo owani-
ka uPetru amandla okuba um-
phostoli kwabasokile wangini-
ka nami amandla kwabezi-
zwe[i]— **9** lapho bebona umu-
sa omkhulu engangiwunikiwe,[j]
uJakobe[k] noKhefase* noJoha-
ne, labo ababebonakala beyi-
zinsika, banika mina noBarna-
ba[l] isandla sokudla njengopha-
wu lokuthi sibambisene, uku-
ze siye ezizweni, bona baye
kwabasokile. **10** Abakucela
nje ukuba sikhumbule aba-
mpofu, futhi ngizamile uku-
kwenza ngenkuthalo lokhu.[m]

**11** Nokho, lapho uKhefase*[n]
efika e-Antiyokiya,[o] ngamelule-

---

**1:18; 2:9, 11** *Obuye abizwe ngokuthi uPetru.

**2:5** *NgesiGreki, "nehora."

---

**ISAHL. 1**
- a 1Ko 15:10
- b IzE 9:15; Rom 11:13
- c IzE 9:19
- d IzE 9:26
- e Joh 1:42; 1Ko 15:5
- f Mat 13:55; IzE 12:17
- g IzE 9:29, 30
- h Gal 1:13
- i IzE 8:3

**ISAHL. 2**
- j IzE 9:27
- k IzE 15:1, 2

**Uhla 2**
- a 2Ko 2:13
- b IzE 16:3
- c IzE 15:1, 24
- d 2Ko 3:17; Gal 5:1
- e Gal 4:9
- f Gal 2:14
- g Gal 2:9
- h IzE 22:21; Rom 11:13; 1Ti 2:7
- i IzE 9:15
- j Efe 3:8
- k IzE 15:13
- l IzE 13:2; IzE 15:25
- m IzE 11:29, 30; 1Ko 16:1
- n Joh 1:42
- o IzE 11:25, 26; IzE 15:35

ka,* ngoba ngokusobala wayese-
phutheni.# **12** Ngoba ngapha-
mbi kokufika kwamadoda athile
avela kuJakobe,[a] wayedla naba-
ntu bezizwe;[b] kodwa lapho efi-
ka, wayeka ukudla nabo wazi-
hlukanisa, esaba labo besigaba
sabasokile.[c] **13** Wonke amanye
amaJuda ahlanganyela naye ku-
lokhu kuzenzisa, kangangoku-
thi ngisho noBarnaba wahambi-
sana nabo ekuzenziseni kwabo.
**14** Kodwa lapho ngibona uku-
thi babengahambi ngokuvume-
lana neqiniso lezindaba ezi-
nhle,[d] ngathi kuKhefase* pha-
mbi kwabo bonke: "Uma wena,
nakuba ungumJuda, uphila nje-
ngoba kuphila izizwe, unga-
phili njengamaJuda, ungabaci-
ndezela kanjani abantu bezi-
zwe ukuba baphile ngokuvume-
lana nomkhuba wamaJuda?"[e]

**15** Thina esingamaJuda ngo-
kuzalwa, esingezona izoni ezi-
vela ezizweni, **16** siyaqaphela
ukuthi umuntu kuthiwa ulungi-
le, hhayi ngenxa yemisebe-
nzi yomthetho, kodwa kuphe-
la ngokholo[f] kuJesu Kristu.[g]
Ngakho sibe nokholo kuKristu
Jesu, ukuze kuthiwe silungile
ngenxa yokholo kuKristu, hha-
yi ngenxa yemisebenzi yomthe-
tho, ngoba akekho umuntu oku-
yothiwa ulungile ngenxa yemi-
sebenzi yomthetho.[h] **17** Uma
nathi sitholakale siyizoni ngesi-
khathi sifuna ukuba kuthi-
we silungile ngoKristu, inga-
be-ke uKristu uyisikhonzi seso-
no? Lutho neze! **18** Uma zona
kanye izinto engake ngazidiliza
ngiphinde ngizakha futhi, ngi-
bonisa ukuthi ngiyiseqamthe-
tho. **19** Ngoba mina ngafa ngo-
kuqondene nomthetho,[i] uku-
ze ngiphile ngakuNkulunku-
lu. **20** Ngibethelwe esigxotshe-
ni kanye noKristu.[a] Akuse-
mina ophilayo,[b] kodwa uKri-
stu ophila ebunyeni nami. Nge-
mpela ukuphila engikuphila ma-
nje enyameni ngikuphila ngo-
kholo eNdodaneni kaNkulunku-
lu,[c] eyangithanda futhi yazinike-
la ngenxa yami.[d] **21** Angiwu-
nqabi* umusa omkhulu kaNku-
lunkulu,[e] ngoba uma ukulunga
kutholakala ngokugcina umthe-
tho, kusho ukuthi uKristu wafe-
la ize.[f]

**3** O bantu baseGalathiya aba-
ngenangqondo! Ubani oni-
fake ngaphansi kwaleli tho-
nya elibi,[g] nina ngaphambi-
li enenziwa nakuqonda ngoku-
cacile ukubethelwa kukaJesu
Kristu* esigxotsheni?[h] **2** Ku-
kodwa nje engifuna ukunibuza
kona: Ingabe namukela umoya
ngenxa yemisebenzi yomthetho
noma ngenxa yokuba nokholo
kulokho enakuzwa?[i] **3** Ingabe
aninangqondo kangako? Eku-
qaleni nenza ngokuvumelana
nomoya kaNkulunkulu, inga-
be manje seniphetha inka-
mbo yenu ngokulandela izi-
fiso zabantu?[j] **4** Ingabe na-
hlupheka kaningi nihluphekela
ize? Uma kuwukuthi ngempela
nanihluphekela ize. **5** Ngakho,
ingabe lowo oninika umoya
enze nemisebenzi yamandla[k]
phakathi kwenu, ukwenza nge-
nxa yemisebenzi yenu yom-
thetho noma ngenxa yoku-
ba nokholo kulokho enaku-
zwa? **6** Njengoba nje u-Abra-
hama "aba nokholo kuJehova,*
wabhekwa njengolungile."[l]
**7** Ngokuqinisekile niyazi
ukuthi yilabo abanamathe-
la okholweni abangabantwana

**ISAHL. 2**
a IzE 12:17
b IzE 10:26, 28; IzE 11:2, 3
c IzE 21:20, 21
d IzE 10:34, 35
e IzE 15:10; IzE 15:28, 29
f Rom 1:17; Jak 2:23
g IzE 13:39; Rom 5:17; 1Ko 6:11
h Rom 3:20-22
i Rom 7:9

**Uhla 2**
a Rom 6:6; Gal 5:24
b 1Pe 4:1, 2
c 2Ko 5:15
d 1Ti 2:5, 6
e Joh 1:17
f Gal 3:21; Heb 7:11

**ISAHL. 3**
g Gal 5:7
h 1Ko 1:23
i Efe 1:13
j Gal 4:9, 10
k 1Ko 12:8-10
l Gen 15:6; Rom 4:3; Jak 2:23

**2:11** *Noma, "ngamelana naye ubuso nobuso." #Noma, "wayenecala." **2:14** *Obuye abizwe ngokuthi uPetru.

**2:21** *Noma, "Angiwusunduzeli eceleni." **3:1** *Noma, "nina uJesu Kristu owabonakaliswa obala phambi kwenu ebethelwe." **3:6** *Bheka iSithasiselo A5.

baka-Abrahama.[a] **8** Imibhalo,
ibona kusengaphambili ukuthi
uNkulunkulu wayeyothi abantu
bezizwe balungile ngenxa yo-
kholo, yamemezela kusenga-
phambili izindaba ezinhle ku-
Abrahama, zokuthi: "Zonke
izizwe ziyobusiswa ngawe."[b]
**9** Ngakho labo abanamathe-
la okholweni babusiswa kanye
no-Abrahama owayenokholo.[c]

**10** Bonke abancika emise-
benzini yomthetho bangapha-
nsi kwesiqalekiso, ngoba ku-
lotshiwe ukuthi: "Uqalekisiwe
wonke umuntu onganamathe-
li kuzo zonke izinto ezilotshwe
emqulwini woMthetho ngokuba
azenze."[d] **11** Ngaphezu kwa-
lokho, kusobala ukuthi ake-
kho okuthiwa ulungile ku-
Nkulunkulu[e] ngenxa yomthe-
tho, ngoba "olungile uyophila
ngenxa yokholo."[f] **12** UMthe-
tho awusekelwe okholweni.
Kunalokho, "noma ubani owe-
nza lezi zinto uyophila
ngazo."[g] **13** UKristu wasi-
thenga,[h] esikhulula[i] esiqale-
kisweni soMthetho ngokuba
abe isiqalekiso esikhundleni
sethu, ngoba kulotshiwe uku-
thi: "Uqalekisiwe wonke umu-
ntu olengiswe esigxotsheni."[j]
**14** Injongo yalokhu kwakuwu-
kuba isibusiso sika-Abrahama
sibe khona ngoKristu Jesu ezi-
zweni,[k] ukuze ngokholo lwethu
samukele umoya othenjisiwe.[l]

**15** Bazalwane, ngikhuluma
ngisebenzisa umfanekiso wa-
bantu: Uma isivumelwano se-
siqinisekisiwe, ngisho noma si-
qinisekiswe umuntu, akekho
ongasenza singasebenzi noma
anezele kuso. **16** Izithembiso
zakhulunywa ku-Abrahama na-
senzalweni* yakhe.[m] Akushiwo
ukuthi, "nasezinzalweni# za-
kho," njengokungathi ezini-
ngi. Kunalokho kuthiwa, "na-
senzalweni* yakho," njengoku-
ngathi eyodwa, enguKristu.[a]
**17** Ngaphezu kwalokho, ngi-
thi: UMthetho, owaba kho-
na eminyakeni engu-430 kamu-
va,[b] awusenzi singasebenzi isi-
vumelwano esasenziwe uNku-
lunkulu ngaphambili, ukuze
uqede isithembiso. **18** Ngoba
uma ifa lisekelwe emthethwe-
ni, alisasekelwe esithembiswe-
ni; kodwa ngomusa uNkulu-
nkulu ulinike u-Abrahama nge-
sithembiso.[c]

**19** Pho kungani kwaba kho-
na uMthetho? Wanezelwa uku-
ze wenze izono zibonakale,[d]
kuze kufike inzalo*[e] okwakwe-
nziwe kuyo isithembiso; futhi
wadluliselwa ngezingelosi[f] ngo-
mlamuleli.[g] **20** Akekho umla-
muleli lapho kuhileleke khona
umuntu oyedwa kuphela, ko-
dwa uNkulunkulu munye ku-
phela. **21** Ingabe-ke uMthe-
tho umelene nezithembiso zi-
kaNkulunkulu? Akunjalo neze!
Ngoba ukube abantu babethole
umthetho okwazi ukunika uku-
phila, ngabe empeleni ukulu-
nga kwaba khona ngenxa yom-
thetho. **22** Kodwa imiBhalo
yaveza ukuthi abantu babela-
wulwa isono, ukuze isithembi-
so esivela ngokholo kuJesu
Kristu sinikwe labo ababonisa
ukholo.

**23** Nokho, ngaphambi koku-
ba kufike ukholo, sasiqashwe
ngaphansi komthetho, usilawu-
la, sibheke okholweni olwase
luzokwambulwa.[h] **24** Ngenxa
yalokho uMthetho waba umfu-
ndisi wethu oholela kuKristu,[i]
ukuze kuthiwe silungile nge-
nxa yokholo.[j] **25** Kodwa nje-
ngoba ukholo selufikile,[k] asise-
kho ngaphansi komfundisi.[l]

---

**3:16** *NgesiGreki, "nasembewini." #NgesiGreki, "nasezimbewini."

**3:19** *NgesiGreki, "imbewu."

---

ISAHL. 3

a Rom 4:11, 12
b Gen 12:3; Gen 18:18
c Rom 4:16, 17
d Dut 27:26; IzE 15:10; Jak 2:10
e Gal 2:15, 16
f Hab 2:4; Rom 1:17; Heb 10:38
g Lev 18:5; Dut 30:16; Rom 10:5
h 1Ko 7:23
i Mat 26:27, 28; Heb 9:15
j Dut 21:23; IzE 5:30
k Efe 2:15, 16
l Jow 2:28
m Gen 12:1-3; Gen 12:7; Gen 13:14, 15; Gen 17:7; Gen 22:17, 18; Gen 24:7

Uhla 2

a Mat 1:17
b Eks 12:40, 41
c Gen 22:17
d Rom 3:20
e Joh 1:29; Rom 10:4
f IzE 7:38, 53; Heb 2:2
g Eks 20:19; Dut 5:5; Joh 1:17
h Rom 10:4
i Mat 5:17
j IzE 13:39; Rom 5:1; Rom 8:33
k Kol 2:17
l Heb 8:6

**26** Eqinisweni, nina nonke ningamadodana kaNkulunkulu[a] ngokholo lwenu kuKristu Jesu.[b] **27** Ngoba nonke nina enabhapathizelwa kuKristu nigqoke uKristu.[c] **28** Akukho mJuda noma umGreki,[d] akukho sigqila noma okhululekile,[e] akukho muntu wesilisa noma owesifazane,[f] ngoba nonke nimunye kuKristu Jesu.[g] **29** Ngaphezu kwalokho, uma ningabakaKristu, ngempela niyinzalo* ka-Abrahama,[h] izindlalifa[i] ngokuqondene nesithembiso.[j]

**4** Manje ngithi uma nje indlalifa iseyingane ayihlukile encekwini, nakuba iyinkosi yazo zonke izinto, **2** kodwa ingaphansi kwabaqondisi nabaphathi kuze kube usuku uyise alumisa kusengaphambili. **3** Ngokufanayo nathi, lapho siseyizingane, sasigqilazwe izinto zezwe zokucathula.[k] **4** Kodwa lapho kufika ukuphela kwaleso sikhathi, uNkulunkulu wathumela iNdodana yakhe, eyazalwa owesifazane[l] futhi eyayingaphansi komthetho,[m] **5** ukuze ibakhulule ngokubathenga labo abangaphansi komthetho,[n] ukuze samukelwe njengamadodana.[o]

**6** Ngenxa yokuthi ningamadodana, uNkulunkulu uthumele umoya[p] weNdodana yakhe ezinhliziyweni zethu[q] futhi usenza simemeze sithi: “*Abha,* * Baba!”[r] **7** Ngakho ngamunye wenu akaseyona inceku kodwa useyindodana; uma eyindodana, uyindlalifa futhi ngoNkulunkulu.[s]

**8** Noma kunjalo, ngesikhathi ningakamazi uNkulunkulu, naniyizigqila zalabo abangebona ngempela onkulunkulu. **9** Kodwa njengoba senimazi uNkulunkulu, noma kunalokho, njengoba senaziwa uNkulunkulu, kwenzeka kanjani ukuba niphinde nibuyele ezintweni zokucathula ezibuthakathaka[a] neziwubala nifune ukubuye nibe izigqila zazo futhi?[b] **10** Nigcina ngokucophelela izinsuku nezinyanga[c] nezinkathi neminyaka. **11** Nginovalo lokuthi imizamo yami yokunisiza ibe yize.

**12** Bazalwane ngiyanincenga, yibani njengami, ngoba nami nganginjengani.[d] Aningonanga. **13** Kodwa niyazi ukuthi ngathola ithuba lokuqala lokumemezela izindaba ezinhle kini ngenxa yokugula kwami. **14** Nakuba isimo sami sempilo sasiwuvivinyo kini, aningiphathanga ngendelelo noma ningenyanye;* kodwa nangamukela njengengelosi kaNkulunkulu, njengoKristu Jesu. **15** Iphi leyo njabulo enaninayo? Ngoba ngiyanifakazela ukuthi, uma kwakungenzeka, ngabe nakopolota namehlo enu nanginika wona.[e] **16** Ngakho-ke, ingabe sengiyisitha senu ngoba nginitshela iqiniso? **17** Banifuna ngazo zonke izindlela, kodwa abanifuneli injongo enhle; bafuna ukunihlukanisa nami, ukuze nibe nogqozi lokubalandela. **18** Nokho, kuhle ngaso sonke isikhathi ukuba umuntu anifune ngentshiseko enenjongo enhle, kungabi kuphela lapho nginani, **19** bantwanyana bami,[f] engiphinde ngaba sezinhlungwini zokunibeletha, kuze kube yilapho uKristu akheka kini. **20** Kodwa bengingafisa ukuba ngibe kanye nani njengamanje, ngikhulume

**3:29** *NgesiGreki, “niyimbewu.” **4:6** *Igama lesiHebheru noma lesi-Aramu elisho ukuthi “O Baba!”

**4:14** *Noma, “ningikhafulele ngokungenyanya.”

ISAHL. 3
- *a* Rom 8:14
- *b* Joh 1:12
- *c* Rom 13:14, Efe 4:24
- *d* Rom 10:12
- *e* 1Ko 12:13, Kol 3:10, 11
- *f* IzE 2:17, 1Pe 3:7
- *g* Joh 17:20, 21
- *h* Rom 9:7, 8
- *i* Rom 8:17
- *j* Gen 22:18

ISAHL. 4
- *k* Kol 2:8, Kol 2:20-22
- *l* Joh 1:14, Heb 2:14
- *m* Mat 5:17
- *n* 1Ko 7:23, Gal 3:13
- *o* Joh 1:12, Rom 8:23
- *p* Joh 14:26
- *q* Rom 5:5
- *r* Rom 8:15
- *s* Rom 8:17, Gal 3:29, Efe 1:13, 14

Uhla 2
- *a* Rom 8:3, Heb 7:18, 19
- *b* Kol 2:20-22
- *c* Kol 2:16
- *d* Gal 1:14
- *e* IzE 23:5, Gal 6:11
- *f* 1Ko 4:15, 1Th 2:11, Flm 10

ngendlela ehlukile, ngoba ngidi-
dekile ngenxa yenu.*
**21** Ngitsheleni, nina enifu-
na ukuba ngaphansi komthe-
tho, Aniwuzwa yini uMthetho?
**22** Ngokwesibonelo, kulotshi-
we ukuthi u-Abrahama wayena-
madodana amabili, enye ence-
kukazini[a] nenye kowesifazane
okhululekile;[b] **23** kodwa lena
yencekukazi empeleni yaza-
lwa ngendlela engokwemve-
lo,*[c] lena enye yowesifazane
okhululekile yazalwa ngesithe-
mbiso.[d] **24** Lezi zinto zinga-
se zibe isenzakalo esingumfa-
nekiso; ngoba laba besifazane
basho izivumelwano ezimbili,
esinye esaseNtabeni iSinayi,[e]
esizala abantwana bobugqila,
futhi singuHagari. **25** UHaga-
ri usho iSinayi,[f] intaba ese-
Arabhiya, uhambelana neJeru-
salema lanamuhla, ngoba lise-
bugqileni nabantwana balo.
**26** Kodwa iJerusalema eliphe-
zulu likhululekile, futhi lingu-
mama wethu.
**27** Ngoba kulotshiwe uku-
thi: "Thokoza, wena wesifaza-
ne oyinyumba; memeza kakhu-
lu ngenjabulo, wena wesifaza-
ne ongenazo izinhlungu zoku-
beletha; ngoba abantwana bo-
wesifazane olahliwe baningi
kakhulu kunabalowo onomye-
ni."[g] **28** Manje nina bazalwa-
ne, ningabantwana besithembi-
so njengoba ayenjalo no-Isaka.[h]
**29** Kodwa njengoba nje ngale-
so sikhathi lowo owazalwa
ngendlela engokwemvelo* aqa-
la ukushushisa lowo owazalwa
ngomoya,[i] kunjalo namanje.[j]
**30** Noma kunjalo, uthini um-
bhalo? "Xosha lesi sigqilakazi
kanye nendodana yaso, ngoba
indodana yalesi sigqilakazi ayi-
soze yaba indlalifa kanye ne-
ndodana yowesifazane okhulu-
lekile."[a] **31** Ngakho bazalwa-
ne, asibona abantwana besigqi-
lakazi kodwa singabowesifaza-
ne okhululekile.

**5** UKristu wasikhululela inku-
luleko enjalo. Ngakho-ke
yimani niqine,[b] ningazivumeli
ukuba niphinde niboshelwe ejo-
keni lobugqila.[c]
**2** Lalelani! Mina Pawulu,
nginitshela ukuthi uma niso-
kwa, uKristu ngeke abe nanzu-
zo yalutho kini.[d] **3** Ngiyafaka-
za futhi kuwo wonke umu-
ntu osokayo ukuthi ungaphansi
kwesibopho sokuwugcina wo-
nke uMthetho.[e] **4** Nihlukani-
siwe noKristu, nina enizama
ukuba kuthiwe nilungile ngom-
thetho;[f] nidediselwe kude no-
musa wakhe omkhulu. **5** Thi-
na ngomoya silindele ngokula-
ngazela ukulunga esinethe-
mba lokukuthola njengomphu-
mela wokholo. **6** Ngoba kula-
bo abamunye noKristu Jesu,
ukusoka nokungasoki akubalu-
leke ngalutho,[g] kodwa ukholo
olusebenza ngothando yilo olu-
balulekile.
**7** Nanigijima kahle.[h] Ubani
onithiyile ukuba ningaqhube-
ki nilalela iqiniso? **8** Lolu hlo-
bo lokuthonya aluveli kuLowo
onibizayo. **9** Imvubelo enca-
ne ibilisa yonke inhlama.[i]
**10** Ngiyaqiniseka ukuthi nina
enimunye neNkosi[j] ngeke nica-
bange okuhlukile; kodwa lowo
onibangela inkathazo[k] uyotho-
la isahlulelo esimfanele kunga-
khathaliseki ukuthi unguba-
ni. **11** Kodwa mina bazalwa-
ne, uma ngisashumayela uku-
soka, kungani ngisashushiswa?
Isikhubekiso sesigxobo soku-
hlushwa*[l] sisusiwe. **12** Ngifi-

4:20 *Noma, "angikwazi okufanele ngi-
kwenze ngani." **4:23, 29** *NgesiGreki,
"engokwenyama."

5:11 *Bheka uHlu Lwezincazelo Zama-
gama.

ISAHL. 4
a Gen 16:15
b Gen 21:2, 3
c Gen 16:1, 2
d Gen 17:15, 16
e Eks 19:20
Eks 24:12
f Eks 19:18
g Isay 54:1
h Rom 9:8
Gal 3:29
i Gen 21:9
j Gal 5:11
2Ti 3:12

Uhla 2
a Gen 21:10

ISAHL. 5
b 1Ko 16:13
Flp 4:1
c IzE 15:10
d Gal 6:12
e Rom 2:25
Gal 3:10
f Rom 3:20
g 1Ko 7:19
Gal 6:15
Kol 3:10, 11
h 1Ko 9:24
Gal 3:3
i 1Ko 5:6
1Ko 15:33
2Ti 2:16-18
j Joh 17:20, 21
k Gal 1:7
l 1Ko 1:23

sa sengathi laba bantu abaza-
ma ukunihlupha bangasusa izi-
tho zabo zokuzala.*
**13** Nabizelwa enkululekwe-
ni bazalwane; kuphela nje ni-
ngayisebenzisi le nkululeko
njengethuba lokulandela izifiso
zenyama,[a] kodwa ngothando yi-
bani izinceku zomunye nomu-
nye.[b] **14** Ngoba wonke uMthe-
tho ugcwalisekile* emyalweni
owodwa, othi: "Kumele utha-
nde umakhelwane wakho nje-
ngoba uzithanda wena."[c]
**15** Nokho, uma niqhubeka ni-
lumana futhi nishwabadelana,[d]
xwayani ukuba ningaqothu-
lani.[e]
**16** Kodwa ngithi, Qhubeka-
ni nihamba ngomoya,[f] ngeke
neze nifeze izifiso zenyama.[g]
**17** Ngoba inyama imelene no-
moya ekufiseni kwayo, nomoya
umelene nenyama; lokhu kuya-
phikisana, kangangokuthi zona
kanye izinto enithanda uku-
zenza anizenzi.[h] **18** Ngaphezu
kwalokho, uma niholwa umoya,
anikho ngaphansi komthetho.
**19** Imisebenzi yenyama ibo-
nakala ngokucacile, iwukuzi-
phatha kabi ngokocansi,*[i] uku-
ngcola, ukuziphatha kabi
okuhambisana nendelelo,#[j]
**20** ukukhonza izithixo,[k] uku-
sebenzisa imimoya,* ubutha,
ukuxabana, umhawu, ulaka,
imibango, ukuhlukana, amaqe-
mbu enkolo,# **21** umona, uku-
dakwa,[l] imicimbi* exokozelayo,
nezinto ezifana nalezi.[a] Ngini-
xwayisa kusengaphambili ngale-
zi zinto, njengoba nje nganixwa-
yisa, ukuthi labo abenza izinto
ezinjalo ngeke balizuze ifa lo-
Mbuso kaNkulunkulu.[b]
**22** Ngakolunye uhlangothi,
izithelo zomoya ziluthando,
injabulo, ukuthula, ukubeke-
zela, umusa, ubuhle,[c] ukho-
lo, **23** ubumnene, ukuzithi-
ba.[d] Akukho mthetho omelene
nezinto ezinjalo. **24** Ngaphezu
kwalokho, labo abangabakaKri-
stu Jesu babethele esigxotsheni
inyama kanye nezinkanuko ne-
zifiso zayo.[e]
**25** Uma siphila ngomo-
ya, masiqhubeke futhi siha-
mba ngokuhlelekile ngomoya.[f]
**26** Masingabi abazazisayo,[g] si-
bhebhezela ukuncintisana,[h] si-
felana umona.

**6** Bazalwane, ngisho noma
umuntu ethatha isinyathelo
okungesona ngaphambi koku-
ba aqaphele, nina enivuthiwe*
zamani ukumlungisa ngomoya
omnene umuntu onjalo.[i] Kodwa
qapha,[j] ukuze nawe ungali-
ngwa.[k] **2** Qhubekani nithwali-
sana imithwalo yenu,[l] ngokwe-
nza kanjalo niyobe nigcwalisa
umthetho kaKristu.[m] **3** Ngoba
uma umuntu ecabanga ukuthi
uwutho ebe engelutho,[n] uyazi-
khohlisa. **4** Kodwa yilowo na-
lowo makahlole izenzo zakhe,[o]
khona-ke uyoba nesizathu so-
kujabula ngokuqondene naye
yedwa, hhayi ngokuziqhathani-
sa nomunye umuntu.[p] **5** Ngo-
ba yilowo nalowo uyothwala
owakhe umthwalo.*[q]
**6** Ngaphezu kwalokho,
noma ubani ofundiswa izwi*
makahlanganyele# ezintweni

---

**5:12** *Noma, "bangaba abathenwa," ngaleyo ndlela bangabe besafaneleka ukwenza wona kanye umthetho abathi mawenziwe. **5:14** *Noma kungababa, "ufingqwe." **5:19** *NgesiGreki, i-*por·nei′a*. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. #Noma, "ukuziphatha okuyichilo." NgesiGreki, *a·sel′gei·a.* Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **5:20** *Noma, "ukuthakatha." #Noma, "ukulandela izimfundiso zabantu." **5:21** *Noma, "amaphathi."

**6:1** *Noma, "eninezimfanelo ezingokomoya." **6:5** *Noma, "isibopho." **6:6** *Noma, "izwi ngomlomo." #Noma, "makabe nengxenye."

ISAHL. 5
*a* 1Pe 2:16
*b* 1Ko 9:19
*c* Lev 19:18; Mat 7:12; Mat 22:39; Rom 13:8, 9; Jak 2:8
*d* Jak 3:14
*e* Jak 4:1, 2
*f* Rom 8:5, 13
*g* Rom 6:12; 1Pe 2:11
*h* Rom 7:15, 19; Rom 7:23
*i* 1Ko 5:9; Efe 5:3; Kol 3:5; IsA 2:20
*j* Mar 7:21, 22; Efe 4:19; 2Pe 2:2; Jud 4
*k* Lev 19:26, 31; Dut 18:10, 11
*l* Dut 21:20, 21; Isay 5:11

Uhla 2
*a* 1Pe 4:3
*b* 1Ko 6:9, 10
*c* Efe 5:9
*d* Jak 3:17
*e* Rom 6:6
*f* Rom 8:4
*g* Flp 2:3
*h* Shu 4:4; 1Ko 4:7; Gal 6:4

ISAHL. 6
*i* IzA 15:1; Kol 3:12; 1Ti 6:11; Tit 3:2
*j* 1Ko 10:12
*k* Jak 3:2
*l* 1Th 5:14
*m* Joh 13:34; Joh 15:12; 1Jo 4:21
*n* Rom 12:3
*o* 2Ko 13:5
*p* Gal 5:26
*q* Rom 14:4; 2Ko 5:10

zonke ezinhle nalowo onikeza
leyo mfundo.*[a]
**7** Ningadukiswa: UNkulunku-
lu akayena owokuhlekwa usulu.
Ngoba noma yini umuntu ayi-
hlwanyelayo, uyovuna yona fu-
thi;[b] **8** ngoba lowo ohlwanye-
la enombono wenyama yakhe
uyovuna ukonakala enyameni,
kodwa lowo ohlwanyela eno-
mbono womoya uyovuna uku-
phila okuphakade okuvela emo-
yeni.[c] **9** Ngakho masingayeki
ukwenza okuhle, ngoba ngesi-
khathi esifanele siyovuna uma
singakhathali.*[d] **10** Ngakho-ke
uma nje sinethuba, masenze
okuhle kubo bonke, kodwa ika-
khulukazi kulabo abahlobene
nathi okholweni.
**11** Bonani ukuthi nginibha-
lele ngezinhlamvu ezinkulu
kangakanani ngesandla sami
siqu.
**12** Bonke labo abafuna uku-
bonakala bebahle enyameni# yi-
labo abazama ukunicindeze-
la ukuba nisokwe, ukuze nje
bagweme ukushushiswa nge-
nxa yesigxobo sokuhlushwa* si-
kaKristu. **13** Ngoba ngisho na-
labo abasokwayo abawugcini
uMthetho bona ngokwabo,[a] ko-
dwa bafuna nina nisokwe ukuze
babe nesizathu sokuziqhayisa
ngenyama yenu. **14** Kwangathi
mina ngingelokothe ngiziqhayi-
se, ngaphandle kokuba ngizi-
qhayise ngesigxobo sokuhlu-
shwa* seNkosi yethu uJesu Kri-
stu,[b] izwe eliye labulawa# nga-
ye ngokuqondene nami, nami
ngokuqondene nezwe. **15** Ngo-
ba ukusoka nokungasoki akulu-
tho,[c] kodwa indalo entsha iyo-
na ewutho.[d] **16** Ngokuqondene
nabo bonke abahamba ngoku-
hlelekile ngalo mthetho wokuzi-
phatha, mababe nokuthula ne-
sihe, yebo, ku-Israyeli kaNkulu-
nkulu.[e]
**17** Kusukela manje maku-
ngabikho muntu ongikhathaza-
yo, ngoba emzimbeni wami ngi-
thwele izimpawu zokushiswa
zenceku kaJesu.[f]
**18** Umusa omkhulu weNko-
si yethu uJesu Kristu ube no-
moya eniwubonisayo, bazalwa-
ne. Amen.

**6:6** *Noma, “mfundo yomlomo.” **6:9** *Noma, “singayeki.” **6:12** #Noma, “ngaphandle.”

**6:12, 14** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **6:14** #Noma, “labulawelwa esigxotsheni.”

**ISAHL. 6**
*a* Mat 10:9, 10; Luk 10:7; Rom 15:27; 1Ko 9:11, 14
*b* Rom 2:6-8
*c* Rom 8:6, 13
*d* Heb 3:14; Heb 12:3; IsA 2:10

**Uhla 2**
*a* Jak 2:10
*b* 1Ko 2:2
*c* 1Ko 7:19; Gal 5:6; Kol 3:10, 11
*d* 2Ko 5:17; Efe 2:10
*e* Rom 9:6
*f* 2Ko 4:10; Flp 3:10

## KWABASE-
# EFESU

### UHLU LOKUPHAKATHI

1 Ukubingelela (1, 2)
Izibusiso ezingokomoya (3-7)
Ukuhlanganisela zonke izinto kuKristu (8-14)
‘Isimiso sokuqondisa izinto’ ngesikhathi esimisiwe (10)
Ukubekwa uphawu ngomoya ‘njengesiqinisekiso esinikezwa kusengaphambili’ (13, 14)
UPawulu ubonga uNkulunkulu ngokholo lwabase-Efesu futhi uyabathandazela (15-23)

2 Uniphilisile kanye noKristu (1-10)
Udonga olwaluhlukanisa luyabhidlizwa (11-22)

3 Imfihlo engcwele izohlanganisa nabantu beZizwe (1-13)
Abantu beZizwe bayizindlalifa noKristu (6)
Injongo engunaphakade kaNkulunkulu (11)
Ukuthandazelwa kwabase-Efesu ukuba bathole ukuqonda (14-21)

4 Ubunye emzimbeni kaKristu (1-16)
Izipho ezingabantu (8)
Ubuntu obudala nobusha (17-32)

5 Inkulumo nokuziphatha okuhlanzekile (1-5)
Hambani njengabantwana bokukhanya (6-14)
Gcwaliswani ngomoya (15-20)
Sisebenziseni kahle isikhathi senu (16)
Iseluleko esiya emadodeni nomkawo (21-33)

6 Iseluleko esiya ezinganeni nakubazali (1-4)
Iseluleko esiya ezigqileni nasemakhosini azo (5-9)
Zonke izembatho zempi ezivela kuNkulunkulu (10-20)
Imikhonzo (21-24)


**1** UPawulu, umphostoli kaKri-
stu Jesu ngentando kaNku-
lunkulu, kwabangcwele abase-
Efesu[a] nabathembekile abamu-
nye noKristu Jesu:
**2** Kwangathi ningathola
umusa omkhulu* nokuthula
okuvela kuNkulunkulu uBaba
wethu naseNkosini uJesu Kri-
stu.
**3** Makadunyiswe uNkulunku-
lu noYise weNkosi yethu uJe-
su Kristu, ngoba usibusise nga-
zo zonke izibusiso ezingokomo-
ya ezindaweni zasezulwini simu-
nye noKristu,[b]
**4** njengoba asi-
khetha ukuba sibe munye naye*
ngaphambi kokusungulwa kwe-
zwe, ukuze sibonise uthando,
sibe ngcwele futhi singabi na-
bala[c] phambi kwakhe.
**5** Ngo-
ba wakhetha kusengaphambili[d]
ukuba sithathwe sibe ngamado-
dana akhe[e] ngoJesu Kristu,
ngokufisa kwakhe nangentando
yakhe,[f]
**6** ukuze kudunyiswe
umusa wakhe omkhulu okhazi-
mulayo[g] asibonisa wona ngesi-
he esebenzisa lowo amthanda-
yo.[a]
**7** Ngaye sithole ukukhulu-
lwa ngesihlengo ngegazi lakhe,[b]
yebo, ukuthethelelwa kweziphа-
mbeko zethu,[c] ngokuchichima
komusa wakhe omkhulu.
**8** Lo musa omkhulu wasini-
ka wona ngokuchichimayo nga-
kho konke ukuhlakanipha no-
kuqonda,*
**9** ngokusazisa imfi-
hlo engcwele yentando yakhe.[d]
Lokhu kuvumelana nentando
yakhe yena ngokwakhe ayeyi-
hlosile
**10** yokuba kube nesi-
miso sokuqondisa* izinto la-
pho isikhathi esimisiwe siphe-
la, ukuze ahlanganisele nda-
wonye kuKristu zonke izinto
ezisezulwini nezisemhlabeni.[e]
Yebo, kuye
**11** esimunye naye
nesabelwa njengezindlalifa ka-
nye naye,[f] njengoba samiselwa
kusengaphambili ngokwenjo-
ngo yalowo ofeza zonke izinto
ngokwentando yakhe,
**12** uku-
ze ngathi esibe ngabokuqala
ukuba sithembele kuKristu,

ISAHL. 1
a IsA 2:1, 3
b Efe 2:6
c Efe 5:25-27
d 2Th 2:13; 1Pe 1:2
e Rom 8:15, 29; Rom 8:23
f Rom 8:28
g Rom 3:24

Uhla 2
a Joh 3:35
b IzE 20:28; Rom 3:25; IsA 5:9
c IzE 13:38; Kol 1:14; Kol 2:13
d Rom 16:25, 26
e Flp 2:9, 10; Kol 1:19, 20
f Rom 8:17; Efe 3:5, 6

**1:2** *Noma, "umusa ongafanelwe." **1:4** *Okuwukuthi, noKristu.

**1:8** *Noma, "nokuqonda okuhle." **1:10** *Noma, "yokuba aqondise."

uNkulunkulu adunyiswe futhi
akhazinyuliswe. **13** Kodwa
nani nathembela kuye nge-
mva kokuba senizwe izwi le-
qiniso, izindaba ezinhle ma-
yelana nensindiso yenu. Nge-
mva kokuba senikholiwe, nabe-
kwa uphawu[a] ngaye ngomoya
ongcwele othenjisiwe, **14** olu-
yisiqinisekiso esinikezwa kuse-
ngaphambili* sefa lethu,[b] nge-
njongo yokukhulula ngesihle-
ngo[c] impahla kaNkulunkulu,[d]
ukuze adunyiswe futhi akhazi-
nyuliswe.

**15** Yingakho nami, njengo-
ba ngizwile ngokholo enina-
lo eNkosini uJesu nangotha-
ndo enilubonisa bonke aba-
ngcwele, **16** ngingayeki uku-
bonga ngenxa yenu. Ngiyaqhu-
beka nginibeka emithandazwe-
ni yami, **17** ukuba uNkulunku-
lu weNkosi yethu uJesu Kristu,
uBaba wenkazimulo, aninike
umoya wokuhlakanipha nowo-
kwambulelwa ulwazi olunembi-
le ngaye.[e] **18** Ukhanyise ame-
hlo enhliziyo yenu, ukuze nazi
ukuthi wanibizela kuliphi ithe-
mba, ukuthi iyini ingcebo ekha-
zimulayo ayigcine njengefa la-
bangcwele,[f] **19** nokuthi ama-
ndla akhe adlulele awaboni-
sa kithi thina makholwa ma-
khulu kangakanani.[g] Kuvumela-
na nokusebenza kwamandla
akhe amakhulu, **20** awasebe-
nzisa kuKristu lapho emvusa
kwabafile futhi emhlalisa nga-
kwesokudla sakhe[h] ezindawe-
ni zasezulwini, **21** ngaphezu-
lu kakhulu kwabo bonke ohu-
lumeni namagunya namandla
nobukhosi nawo wonke ama-
gama aqanjiwe,[i] hhayi nje kule-
si simiso sezinto* kuphela,
kodwa nakwesizayo. **22** Wabe-
ka nazo zonke izinto ngapha-
nsi kwezinyawo zakhe,[a] wame-
nza inhloko phezu kwazo zonke
izinto eziphathelene nebandla,[b]
**23** eliwumzimba wakhe,[c] eli-
gcwele zonke izinto eziphathele-
ne naye, yena ophelelisa zonke
izinto.

**2** Ngaphezu kwalokho, uNku-
lunkulu uniphilisile nakuba
nanifile eziphambekweni nase-
zonweni zenu,[d] **2** enake naha-
mba kuzo ngendlela efana-
yo neyesimiso sezinto* saleli
zwe,[e] ngendlela efunwa umbu-
si womoya olawula abantu,[f]
umoya[g] manje osebenza ku-
bantu abangalaleli. **3** Yebo,
kwakuphakathi kwabo lapho
nathi sonke esake saziphatha
khona ngokuvumelana nezifi-
so zenyama yethu,[h] senza izi-
nto ezithandwa yinyama nemi-
cabango yethu,[i] futhi ngokwe-
mvelo sasingabantwana bola-
ka[j] njengoba nje benjalo bo-
nke abanye. **4** Kodwa uNku-
lunkulu, ocebile ngesihe,[k] nge-
nxa yothando lwakhe olukhulu
asithande ngalo,[l] **5** wasiphili-
sa kanye noKristu, ngisho na-
lapho sasifile eziphambekwe-
ni[m]—ngomusa omkhulu nisindi-
siwe. **6** Ngaphezu kwalokho,
wasivusa kanye naye wasihlali-
sa ndawonye ezindaweni zase-
zulwini njengabalandeli baka-
Kristu Jesu,[n] **7** ukuze ezikha-
thini ezizayo* abonise ingce-
bo edlulele yomusa wakhe om-
khulu ngobumnene# bakhe ki-
thi esimunye noKristu Jesu.

**8** Ngalo musa omkhulu, ni-
sindisiwe ngokholo,[o] futhi lo-
khu akungenxa yezenzo zenu;
kunalokho, kuyisipho sikaNku-

---

**1:14** *Noma, "oluyinkokhelo yokuba-
mbisa (imali yokuqinisekisa); isiqinise-
kiso (isifungo) sokuzoza." **1:21** *Noma,
"kule nkathi."

**2:2** *Noma, "ngokwendlela." **2:7**
*Noma, "ezimisweni zezinto ezizayo."
Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.
#Noma, "ngesihe."

---

ISAHL. 1
*a* 2Ko 1:22; Efe 4:30; IsA 7:4
*b* 2Ko 5:5; 1Pe 1:3, 4
*c* Rom 8:23; 1Ti 2:5, 6
*d* 1Pe 2:9
*e* Kol 1:9; 1Ti 2:3, 4
*f* 1Pe 1:3, 4
*g* 2Ko 13:4
*h* Hu 110:1; IzE 7:55
*i* IzE 4:12; Flp 2:9-11

Uhla 2
*a* Hu 8:6; 1Ko 15:27; Heb 2:8
*b* Mat 28:18; Efe 5:23; Kol 1:18
*c* Rom 12:5; Efe 4:16

ISAHL. 2
*d* Kol 2:13
*e* Rom 12:2; Efe 4:17
*f* Joh 12:31
*g* 1Ko 2:12
*h* 1Ko 6:9-11
*i* 1Pe 4:3
*j* Joh 3:36
*k* Hu 145:9
*l* Rom 5:8; 1Jo 4:9, 19
*m* Kol 2:12, 13
*n* Efe 1:3
*o* Rom 4:16

lunkulu. **9** Cha, akungenxa
yemisebenzi,[a] ukuze kungabi-
kho muntu oba nesizathu so-
kuziqhayisa. **10** Singumsebe-
nzi wezandla zikaNkulunkulu*
futhi sadalwa[b] simunye noKri-
stu Jesu[c] ukuze senze imise-
benzi emihle, uNkulunkulu ayi-
nquma kusengaphambili uku-
ba sihambe kuyo.

**11** Ngakho-ke, khumbulani
ukuthi nina bantu bezi-
zwe ngokokuzalwa,* nake na-
bizwa ngokuthi "ukungaso-
ki" yilabo ababizwa ngokuthi
"ukusoka," okwenziwa enya-
meni ngezandla. **12** Ngaleso
sikhathi naningenaye uKri-
stu, nihlukanisiwe nombuso
wakwa-Israyeli, ningenangxe-
nye ezivumelwaneni zesithe-
mbiso;[d] naningenathemba ni-
ngenaye uNkulunkulu ezweni.[e]
**13** Kodwa manje njengoba ni-
ngabalandeli bakaKristu Jesu,
nina enanikade nikude seniye
naba seduze ngegazi likaKri-
stu. **14** Ngoba ungukuthula
kwethu,[f] lowo owenza la maqe-
mbu amabili aba munye[g] futhi
wabhidliza udonga olwalupha-
kathi kwawo, luwahlukanisa.[h]
**15** Ngenyama yakhe wabuqeda
lobo butha, uMthetho wemiya-
lo owakhiwa izinqumo, ukuze
enze la maqembu amabili abe
munye naye, abe umuntu omu-
sha oyedwa[i] futhi enze uku-
thula, **16** nokuba ngesigxobo
sokuhlushwa*[j] enze womabili
la maqembu abuyisane ngo-
kugcwele noNkulunkulu engu-
mzimba owodwa, ngoba ubu-
bulele ubutha[k] ngomzimba wa-
khe. **17** Wafika wamemezela
izindaba ezinhle zokuthula
kini, nina enanikude, nokuthu-
la kulabo abaseduze, **18** ngo-
ba ngaye, womabili la maqe-
mbu, asondela ngokukhulule-
kile kuBaba ngomoya munye.

**19** Ngakho anisezona iziha-
mbi nezifiki,[a] kodwa niyizakha-
muzi[b] kanye nabangcwele futhi
ningamalungu endlu kaNkulu-
nkulu,[c] **20** futhi nakhiwe phe-
zu kwesisekelo sabaphostoli na-
baprofethi,[d] kuyilapho uKristu
Jesu ngokwakhe eyitshe legu-
mbi eliyisisekelo.[e] **21** Simunye
naye sonke isakhiwo sikhulela
ekubeni ithempeli elingcwele li-
kaJehova,*[f] njengoba sihlanga-
niswa ndawonye ngokuvumela-
nayo.[g] **22** Njengoba nimunye
naye, nani futhi nakhiwa nda-
wonye ukuba nibe yindawo yo-
kuba uNkulunkulu ahlale kuyo
ngomoya.[h]

**3** Ngenxa yalesi sizathu mina,
Pawulu, isiboshwa[i] sikaKri-
stu Jesu ngenxa yenu, ba-
ntu bezizwe— **2** uma ngempe-
la nizwile ngokuphathiswa kwa-
mi[j] umusa omkhulu kaNkulu-
nkulu ngenxa yenu, **3** ukuthi
ngambulelwa imfihlo engcwe-
le ngesambulo, njengoba nje
ngabhala kafushane ngaphambi-
li. **4** Ngakho lapho nifunda lo-
khu, nizokuqaphela ukuqonda
kwami le mfihlo engcwele[k] ka-
Kristu. **5** Kwezinye izizukulwa-
ne, le mfihlo ayizange yambulwe
kubantwana babantu njengoba
manje yambuliwe ngomoya ku-
baphostoli bakhe abangcwele
nakubaprofethi,[l] **6** ewukuthi,
abantu bezizwe abamunye no-
Kristu Jesu ngezindaba ezi-
nhle, kufanele babe yizindlali-
fa kanye nathi namalunga omzi-
mba akanye nathi[m] nabahla-
nganyeli kanye nathi esithembi-
sweni. **7** Ngaba isikhonzi salo-
khu ngokwesipho samahhala

ISAHL. 2
a Rom 3:20
b Gal 6:15
c Efe 1:3, 4
d Rom 9:4
e Isay 65:1
f Kol 1:19, 20
g Kol 3:11
h Lev 20:26; Kol 2:13, 14
i 1Ko 12:12; Gal 3:28
j Heb 12:2
k IzE 10:28

Uhla 2
a Efe 2:12
b Flp 3:20
c 1Ti 3:15; Heb 3:6
d 1Ko 12:28
e Isay 28:16
f 1Ko 3:16; 1Ko 6:19
g Kol 2:19
h 1Pe 2:5

ISAHL. 3
i Efe 4:1
j 1Ko 9:16, 17; Kol 1:25, 26
k 1Ko 4:1; Efe 6:19
l Rom 11:25; Rom 16:25, 26
m Efe 2:15, 16

**2:10** *Noma, "Singumkhiqizo womsebenzi waKhe." **2:11** *NgesiGreki, "ngokwenyama." **2:16** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**2:21** *Bheka iSithasiselo A5.

somusa omkhulu* kaNkulunkulu engawunikwa ngokusebenza kwamandla akhe.[a]

**8** Lo musa omkhulu waphiwa mina,[b] engingumuntu ongaphansi kunomncane kunabo bonke abangcwele,[c] ukuze ngimemezele ezizweni izindaba ezinhle zengcebo kaKristu engenakuqondakala **9** futhi ngenze wonke umuntu abone ukuphathwa kwemfihlo engcwele,[d] uNkulunkulu owadala zonke izinto abelokhu eyifihlile esikhathini esidlule. **10** Lokhu kwenziwa ukuze manje, kusetshenziswa ibandla,[e] kwaziswe ohulumeni namagunya asezindaweni zasezulwini ngokuhlakanipha kukaNkulunkulu okubonakaliswa ngezindlela eziningi ezihlukahlukene.[f] **11** Lokhu kuvumelana nenjongo engunaphakade ayakha mayelana noKristu,[g] uJesu iNkosi yethu, **12** okungaye sinale nkululeko yokukhuluma neyokusondela[h] sinokuqiniseka ngokholo lwethu kuye. **13** Ngakho ngiyanicela ukuba ningapheli amandla ngenxa yezinsizi zami ngenxa yenu, ngoba izinsizi zami ziletha udumo kini.[i]

**14** Ngalesi sizathu ngiguqa kuBaba, **15** eqanjwe ngaye yonke imindeni yasezulwini neyasemhlabeni. **16** Ngithandazela ukuba ngokuchichima kwenkazimulo yakhe anenze nibe namandla kumuntu eninguye ngaphakathi,[j] ngamandla esebenzisa umoya wakhe, **17** nokuba ngokholo lwenu uKristu ahlale ezinhliziyweni zenu ngothando.[k] Kwangathi ningama niqine[l] esisekelweni nigxile njengezimpande zesihlahla,[m] **18** ukuze kanye nabo bonke abangcwele nikwazi kahle ukuqonda ngokugcwele ububanzi nobude nokuphakama nokujula, **19** futhi nilwazi uthando lukaKristu[a] oludlula ulwazi, ukuze nigcwaliswe ngakho konke ukugcwala uNkulunkulu akunikezayo.

**20** Manje kulowo ongenza okungaphezu kakhulu kwazo zonke izinto esizicelayo noma esizicabangayo,[b] ngokwamandla akhe asebenza kithi,[c] **21** makube yinkazimulo ngebandla nangoKristu Jesu kuzo zonke izizukulwane kuze kube phakade naphakade. Amen.

**4** Ngakho-ke, mina siboshwa[d] eNkosini, ngiyanincenga ukuba nihambe ngendlela efanele[e] ukubizwa enabizwa ngakho, **2** ngokuthobeka*[f] okuphelele nobumnene, ngokubekezela,[g] nibekezelelana ngothando,[h] **3** nizama ngenkuthalo ukugcina ubunye bomoya esibophweni esihlanganisayo sokuthula.[i] **4** Kukhona umzimba owodwa,[j] nomoya owodwa,[k] njengoba nje nabizelwa ethembeni[l] elilodwa lokubizwa kwenu; **5** iNkosi eyodwa,[m] ukholo olulodwa, ubhapathizo olulodwa; **6** uNkulunkulu oyedwa futhi onguYise wabo bonke abantu, ophezu kwabo bonke, okubo bonke futhi ophakathi kwabo bonke.

**7** Yilowo nalowo kithi waphiwa umusa omkhulu ngokwendlela uKristu asinikeza ngayo lesi sipho samahhala.[n] **8** Ngoba imiBhalo ithi: “Lapho enyukela phezulu wathumba izithunjwa; waphana ngezipho ezingabantu.”[o] **9** Pho isho ukuthini inkulumo ethi “wanyuka”? Isho ukuthi wayekade ehlele ezindaweni eziphansi, okuwukuthi, emhlabeni. **10** Yena kanye owehla nguye futhi owanyukela ngaphezulu[p] kakhulu kuna-

ISAHL. 3
- a Kol 1:25-27
- b 1Ti 1:13, 14
- c 1Ko 15:9
- d Efe 1:9, 10
- e 1Pe 1:10, 12
- f 1Pe 2:9
- g Efe 1:11
- h Joh 14:6; Heb 4:15, 16
- i 2Ti 2:10
- j 2Ko 4:16
- k Joh 14:23
- l Kol 2:6, 7
- m Kol 1:23

Uhla 2
- a Rom 8:35
- b Mar 11:24
- c Kol 1:29

ISAHL. 4
- d Flm 9
- e Flp 1:27
- f Mat 11:29; Rom 12:3; Flp 2:3; 1Pe 5:5
- g 1Th 5:14
- h 1Ko 13:4
- i 1Ko 1:10; Kol 3:15
- j Rom 12:5
- k 1Ko 12:4
- l 1Pe 1:3, 4
- m 1Ko 8:6; 1Ko 12:5, 6
- n 1Ko 12:11
- o Hu 68:18; 1Ko 12:28; Efe 4:11
- p IzE 1:9; 1Ti 3:16

3:7 *Noma, “somusa ongafanelwe.”

4:2 *Noma, “ngokuthobeka kwengqondo.”

wo wonke amazulu,[a] ukuze nga-
ye zonke izinto zigcwale.
**11** Wamisa abanye njenga-
baphostoli,[b] abanye njengaba-
profethi,[c] abanye njengaba-
vangeli,*[d] abanye njengabelusi
nanjengabafundisi,[e] **12** eno-
mbono wokuqeqeshwa* kwa-
bangcwele, ukuze benze umse-
benzi wokukhonza, ukuze
kwakhiwe umzimba kaKristu,[f]
**13** kuze kube yilapho sonke
sesimunye okholweni naso-
lwazini olunembile ngeNdo-
dana kaNkulunkulu, sibe
amadoda akhule* ngokugcwe-
le,[g] esilinganisweni sobukhulu
esingesokugcwala kukaKristu.
**14** Ngakho akusafanele sibe
yizingane, sijikijeleke ngapha
nangapha sengathi sijikijelwa
amagagasi futhi siyiswe le nale
yizo zonke izinhlobo zemfundi-
so*[h] ngokukhohlisa kwabantu,
ngamanga aklanywe ngobuqi-
li. **15** Kodwa sikhuluma iqini-
so, masikhule ngothando kuzo
zonke izinto sikhulele kuye
oyinhloko, uKristu.[i] **16** Nga-
ye, wonke umzimba[j] uhlanga-
niswa ndawonye ngokuvumela-
nayo futhi wenziwa ukuba uba-
mbisane ngawo wonke amalu-
nga anikeza lokho okudingeka-
yo. Lapho ilunga ngalinye lise-
benza kahle, lokhu kwenezela
ekukhuleni komzimba njengo-
ba uzakha othandweni.[k]
**17** Ngakho yilokhu engiku-
shoyo nengikufakazelayo eNko-
sini, ukuthi ningabe nisaqhube-
ka nihamba njengoba izizwe zi-
hamba[l] ekucabangeni kwazo
okuyize.*[m] **18** Zisebumnyame-
ni ngengqondo futhi zihlukanisi-
we nokuphila okungokukaNku-
lunkulu, ngenxa yokungazi kwa-
zo, ngenxa yokungazweli* kwe-
zinhliziyo zazo. **19** Njengoba
zazingasenawo nhlobo umuzwa
wokuziphatha okuhle, zazinike-
la ekuziphatheni kabi okuha-
mbisana nendelelo*[a] ukuze ze-
nze zonke izinhlobo zokungcola
ngokuhaha.
**20** Kodwa nina anifundanga
ukuthi uKristu unjalo, **21** uma
ngempela nimzwile futhi nifu-
ndisiwe ngaye, njengoba nje
iqiniso likuJesu. **22** Nafundi-
swa ukuba nilahle ubuntu
obudala[b] obuvumelana nenka-
mbo yenu yokuziphatha yanga-
phambili futhi obonakaliswa yi-
zifiso ezikhohlisayo.[c] **23** Qhu-
bekani nenziwa basha endleleni
yenu yokucabanga,*[d] **24** futhi
nigqoke ubuntu obusha[e] obada-
lwa ngokwentando kaNkulunku-
lu ngokulunga kweqiniso noku-
thembeka.
**25** Ngakho-ke, njengoba se-
nikuyekile ukukhohlisa, yilowo
nalowo kini makakhulume iqini-
so nomakhelwane wakhe,[f] ngo-
ba singamalungu ahlangani-
swe ndawonye.*[g] **26** Thuku-
thelani kodwa ningoni;[h] ila-
nga malingashoni nisacasukile;[i]
**27** ningamniki uDeveli ithu-
ba.*[j] **28** Owebayo makangabe
eseba; kunalokho makasebe-
nze kanzima, enze umsebe-
nzi omuhle ngezandla zakhe,[k]
ukuze abe nokuthile kokupha
umuntu oswele.[l] **29** Makunga-
phumi izwi elibolile emilonye-
ni yenu,[m] kodwa izwi elakhayo

**4:11** *Noma, "njengabamemezeli bezindaba ezinhle." **4:12** *Noma, "wokulungiswa." **4:13** *Noma, "avuthwe." **4:14** *Noma, "umoya wemfundiso." **4:17** *Noma, "ebuzeni bezingqondo zazo."

**4:18** *NgesiGreki, "yokuba buthuntu." **4:19** *Noma, "ekuziphatheni okuyichilo." NgesiGreki, *a·selʹgei·a.* Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **4:23** *Noma, "emandleni ashukumisa ingqondo yenu." NgesiGreki, "emoyeni wengqondo yenu." **4:25** *Noma, "singamalungu elinye nelinye." **4:27** *Noma, "indawo."

ISAHL. 4
*a* Heb 9:24
*b* Mat 10:2-4
*c* 1Ko 12:28
*d* IzE 21:8
*e* IzE 13:1; Jak 3:1
*f* 1Ko 14:26
*g* 1Ko 14:20
*h* Heb 13:9
*i* 1Ko 11:3; Kol 1:18
*j* 1Ko 12:27
*k* Kol 2:19
*l* 1Pe 4:3
*m* Rom 1:21

Uhla 2
*a* Gal 5:19
*b* Rom 6:6; Kol 3:9
*c* Rom 7:23
*d* Hu 51:10; Rom 12:2
*e* Kol 3:10
*f* Zak 8:16; Kol 3:8, 9; IsA 21:8
*g* Rom 12:5
*h* Hu 4:4
*i* Lev 19:17; Kol 3:13
*j* Jak 4:7
*k* 2Th 3:10
*l* IzE 20:35; 1Th 4:11, 12
*m* Mat 15:11; Jak 3:10

kuphela, kuye ngokwesidingo,
ukuze lidlulisele okuzuzisayo
kwabezwayo.[a] **30** Futhi, ninga-
wenzi lusizi* umoya ongcwe-
le kaNkulunkulu,[b] enaphawulwa
ngawo[c] kuze kube usuku loku-
khululwa ngesihlengo.[d]
**31** Susani kini yonke inhlo-
bo yenzondo,[e] intukuthelo, ula-
ka, ukuklabalasa nenkulumo eli-
mazayo[f] nayo yonke into elima-
zayo.[g] **32** Kodwa bonisanani
umusa, nibe nobubele,[h] nithe-
thelelane ngokukhululekile nje-
ngoba nje noNkulunkulu anithe-
thelela ngokukhululekile ngo-
Kristu.[i]

**5** Ngakho-ke, yibani ngabali-
ngisi bakaNkulunkulu,[j] nje-
ngabantwana abathandekayo,
**2** futhi niqhubeke nibonisa
uthando[k] njengoba nje noKri-
stu asithanda*[l] futhi wazinike-
la ngenxa yethu# njengomnikelo
nomhlatshelo, iphunga elimna-
ndi kuNkulunkulu.[m]
**3** Ukuziphatha kabi ngokoca-
nsi* nokungcola kwazo zonke
izinhlobo noma ukuhaha maku-
ngaphathwa nakuphathwa pha-
kathi kwenu,[n] njengoba nje ku-
ngabafanele abantu abangcwe-
le;[o] **4** noma ukuziphatha oku-
yihlazo noma inkulumo yobu-
wula noma amahlaya angcolile[p]
—izinto ezingafaneleki—kodwa
kunalokho makube ukubonga.[q]
**5** Ngoba niyakwazi lokhu, niku-
qaphela ngokwenu, ukuthi aku-
kho muntu oziphethe kabi ngo-
kocansi*[r] noma umuntu ongcoli-
le noma umuntu ohahayo,[s] oku-
sho ukukhonza izithombe, one-
fa eMbusweni kaKristu noka-
Nkulunkulu.[t]

**6** Maningakhohliswa muntu
ngamazwi angamanga, ngo-
ba ngenxa yalezi zinto ula-
ka lukaNkulunkulu luyeza phe-
zu kwabangalaleli. **7** Ngakho-
ke, ningahlanganyeli kanye
nabo; **8** ngoba nanikade ni-
wubumnyama kodwa manje
seniwukukhanya[a] ngokuqonde-
ne neNkosi.[b] Qhubekani niha-
mba njengabantwana bokukha-
nya, **9** ngoba izithelo zokukha-
nya zihlanganisa zonke izi-
nhlobo zobuhle nokulunga ne-
qiniso.[c] **10** Qhubekani niqini-
sekisa ukuthi yini eyamukeleka-
yo[d] eNkosini; **11** futhi niye-
ke ukuhlanganyela emisebe-
nzini engatheli yobumnyama;[e]
kunalokho, niyidalule. **12** Ngo-
ba izinto abazenza ekusithe-
keni kuyihlazo ngisho noku-
khuluma ngazo. **13** Zonke izi-
nto ezisekukhanyeni,* ziyabona-
kala, futhi zonke izinto ezi-
bonakaliswayo ziba ukukhanya.
**14** Ngakho-ke kuthiwa: “Pha-
phama, wena olele, uvuke kwa-
bafile,[f] khona-ke uKristu uyo-
khanya phezu kwakho.”[g]
**15** Ngakho qaphelisisani
ukuthi indlela enihamba ngayo
ayinjengeyabantu abangahlaka-
niphile kodwa injengeyabahla-
kaniphile, **16** nisisebenzise ka-
hle isikhathi senu*[h] ngoba izi-
nsuku zimbi. **17** Ngenxa yalo-
khu yekani ukuba abangena-
ngqondo, kodwa qhubekani ni-
qonda ukuthi iyini intando ka-
Jehova.*[i] **18** Futhi, ningada-
kwa yiwayini,[j] okuholela ekuzi-
tikeni ngamanyala,* kodwa qhu-
bekani nigcwaliswa ngomoya.
**19** Khulumisanani ngamahubo
nangezindumiso zikaNkulunku-
lu nangezingoma zokudumisa,[k]
nihlabelela futhi nihubela[l]

ISAHL. 4
- *a* Kol 4:6
- *b* Isay 63:10
- *c* Efe 1:13
- *d* Rom 8:23
- *e* Jak 3:14
- *f* Kol 3:8
- *g* Tit 3:2
- *h* Kol 3:12; 1Pe 3:8
- *i* Mat 6:14; Mat 18:35; Mar 11:25

ISAHL. 5
- *j* Mat 5:48; Luk 6:36
- *k* 1Ko 16:14
- *l* Joh 13:34; 1Jo 3:23
- *m* Eks 29:18
- *n* 1Ko 5:11; Kol 3:5
- *o* 1Th 4:3
- *p* Kol 3:8
- *q* 1Th 5:18
- *r* IzE 15:28, 29
- *s* 1Ti 3:8; Tit 1:7
- *t* 1Ko 6:9, 10; Gal 5:19, 21

Uhla 2
- *a* Mat 5:16; Joh 12:36
- *b* 1Pe 2:9
- *c* Gal 5:22, 23
- *d* Rom 12:2
- *e* Rom 13:12, 13; 2Ko 6:14
- *f* Efe 2:1; Kol 2:13
- *g* Joh 8:12
- *h* Kol 4:5
- *i* Rom 12:2; 1Th 4:3; 1Pe 4:2
- *j* Isay 5:11
- *k* Jak 5:13
- *l* Hu 33:2, 3

**4:30** *Noma, “ningawudabukisi.” **5:2** *Noma kungaba, “anithanda.” #Noma kungaba, “yenu.” **5:3** *NgesiGreki, i-*por·nei′a*. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **5:5** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama, “Ukuziphatha kabi ngokocansi.”

**5:13** *Noma, “ezisolwayo.” **5:16** *NgesiGreki, “nithenge ithuba.” **5:17** *Bheka iSithasiselo A5. **5:18** *Noma, “okwenza umuntu angalawuleki.”

uJehova* ezinhliziyweni zenu,[a]
20 nihlale nibonga[b] uNkulunku-
lu noBaba wethu ngenxa yazo
zonke izinto egameni leNkosi
yethu uJesu Kristu.[c]
21 Zithobeni komunye no-
munye[d] ngokwesaba uKristu.
22 Abafazi mabazithobe kuba-
yeni babo[e] njengokungathi ba-
zithoba eNkosini, 23 ngoba
indoda iyinhloko yomkayo[f] nje-
ngoba nje noKristu eyinhlo-
ko yebandla,[g] yena engumsi-
ndisi walo mzimba.* 24 Eqi-
nisweni, njengoba ibandla li-
thobela uKristu, nabafazi ku-
fanele bathobele abayeni babo
kuzo zonke izinto. 25 Mado-
da, qhubekani nithanda omke-
nu,[h] njengoba nje noKristu ali-
thanda ibandla futhi wazinike-
la ngenxa yalo,[i] 26 ukuze ali-
ngcwelise, elihlanza ngokulige-
za ngamanzi esebenzisa izwi,[j]
27 ukuze ethule ibandla kuye
ngokwakhe likhazimula, linge-
nabala nambimbi noma enye
yezinto ezinjalo,[k] kodwa li-
ngcwele futhi lingenasici.[l]
28 Ngendlela efanayo, ama-
doda kufanele athande omka-
wo njengemizimba yawo siqu.
Indoda ethanda umkayo izitha-
nda yona, 29 ngoba akekho
umuntu owake wazonda umzi-
mba wakhe, kodwa uyawondla
futhi awuphathe kahle, njengo-
ba nje noKristu enza kulo iba-
ndla, 30 ngoba singamalungu
omzimba wakhe.[m] 31 “Nge-
nxa yalesi sizathu indoda iyo-
shiya uyise nonina inamathe-
le kumkayo,* futhi laba ababi-
li bayoba nyamanye.”[n] 32 Le
mfihlo engcwele[o] inkulu. Ma-
nje ngikhuluma ngoKristu ne-
bandla.[p] 33 Noma kunjalo, yi-
lowo nalowo kini kumele atha-
nde umkakhe[a] njengoba ezi-
thanda yena; ngakolunye uhla-
ngothi, umfazi kufanele amhlo-
niphe ngokujulile umyeni wa-
khe.[b]

6 Bantwana, lalelani abazali
benu[c] abanobunye neNkosi,
ngoba lokhu kulungile. 2 “Hlo-
nipha uyihlo nonyoko,”[d] lona
umyalo wokuqala onalesi sithe-
mbiso: 3 “Ukuze kukuhambele
kahle* futhi uhlale isikhathi esi-
de emhlabeni.” 4 Bobaba, ni-
ngabacasuli abantwana benu,[e]
kodwa qhubekani nibakhulisa
ngokubaqeqesha nangesiyalo#[f]
sikaJehova.*[g]
5 Nina zigqila, lalelani ama-
khosi enu angabantu,[h] ngokwe-
saba nangokuthuthumela ngo-
buqotho bezinhliziyo zenu,
njengokungathi nilalela uKri-
stu, 6 hhayi kuphela lapho
nibhekiwe, ukuze nje nijabu-
lise abantu,*[i] kodwa njenge-
zigqila zikaKristu nenza inta-
ndo kaNkulunkulu ngomphe-
fumulo# wonke.[j] 7 Yibani izi-
gqila ezinesimo sengqondo
esihle, njengokungathi niyizi-
gqila zikaJehova,*[k] hhayi eza-
bantu, 8 ngoba niyazi ukuthi
noma yini enhle umuntu aye-
nzayo, uJehova* uyombuyisela
ngayo,[l] kungakhathaliseki uku-
thi uyisigqila noma ukhululeki-
le. 9 Nani makhosi, qhubeka-
ni niphatha izigqila zenu nge-
ndlela efanayo, ningazisonge-
li, ngoba niyazi ukuthi iNkosi
yenu neyazo isemazulwini[m] fu-
thi ayikhethi.
10 Ekugcineni, qhubekani ni-
thola amandla[n] eNkosini na-
semandleni ayo amakhulu.

**5:19; 6:4, 7, 8** *Bheka iSithasiselo A5. **5:23** *Okuwukuthi, ibandla. **5:31** *Noma, “ihlale nomkayo.”

**6:3** *Noma, “Ukuze uphumelele.” **6:4** #Noma, “nangesiqondiso.” NgesiGreki, “nangokufaka umqondo.” **6:6** *NgesiGreki, “kungabi ngokuthenga amehlo njengabajabulisa abantu.” #Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama, “Umphefumulo.”

**ISAHL. 5**
a IzE 16:25; Kol 3:16
b 1Th 5:18
c Kol 3:17
d Flp 2:3; 1Pe 5:5
e Kol 3:18; Tit 2:4, 5; 1Pe 3:1
f Rom 7:2
g 1Ko 11:3
h 1Pe 3:7
i IzE 20:28
j Joh 17:17
k Tit 2:13, 14
l Efe 1:4; Kol 1:21, 22
m Rom 12:5; Efe 1:22, 23
n Gen 2:24; Mat 19:5
o Efe 1:9, 10; Kol 1:26, 27
p Efe 3:5, 6

**Uhla 2**
a Kol 3:19
b 1Pe 3:5, 6

**ISAHL. 6**
c IzA 1:8; IzA 6:20; Kol 3:20
d Eks 20:12; Dut 5:16; IzA 20:20; IzA 23:22; Mat 15:4
e Kol 3:21
f IzA 13:24
g Dut 6:6, 7; IzA 3:11; IzA 19:18; IzA 22:6
h 1Ti 6:1; 1Pe 2:18
i Kol 3:22
j Luk 10:27
k 1Ko 10:31
l Kol 3:23, 24
m 1Ko 7:22
n Efe 3:16

**11** Gqokani zonke izembatho
zempi[a] ezivela kuNkulunkulu
ukuze nikwazi ukumelana ngo-
kuqinile namaqhinga* kaDeve-
li; **12** ngoba asilwi*[b] negazi ne-
nyama kodwa silwa nohulumeni,
namagunya, nababusi bezwe ba-
lobu bumnyama, nebutho lomo-
ya ababi[c] ezindaweni zasezulwi-
ni. **13** Ngenxa yalokhu thatha-
ni zonke izembatho zempi ezive-
la kuNkulunkulu,[d] ukuze nikwa-
zi ukuzabalaza ngosuku olubi,
nokuthi, ngemva kokuba sene-
nze konke, nime niqine.
**14** Ngakho-ke yimani niqine,
nibophe ibhande leqiniso okha-
lweni lwenu,[e] nigqoke isivikelo
sesifuba sokulunga,[f] **15** nezi-
nyawo zenu zigqokiswe izimba-
dada, nilungele ukushumayela
izindaba ezinhle zokuthula.[g]
**16** Ngaphezu kwakho konke lo-
khu, thathani ihawu elikhu-
lu lokholo,[h] eniyokwazi ukuci-
ma ngalo yonke imicibisho-
lo evuthayo yomubi.[i] **17** Futhi,
yamukelani isigqoko sokuzivike-
la sensindiso,[j] nenkemba yomo-
ya, okuwukuthi, izwi likaNkulu-
nkulu,[k] **18** kuyilapho niqhube-
ka nithandaza ngazo zonke izi-
nhlobo zomthandazo[a] nokunxu-
sa ngezikhathi zonke ngokuvu-
melana nomoya.[b] Ngenxa yale-
yo njongo, hlalani niphapheme,
ngaso sonke isikhathi ninxusele
bonke abangcwele. **19** Ngitha-
ndazeleni nami ukuze ngiphiwe
amazwi lapho ngivula umlomo
wami, ukuze ngikwazi ukukhu-
luma ngesibindi ngazise nge-
mfihlo engcwele yezindaba ezi-
nhle,[c] **20** engiyinxusa lazo ngi-
semaketangeni,[d] nokuba ngi-
khulume ngesibindi ngazo nje-
ngoba kufanele ngikhulume.
**21** Manje ukuze nazi nga-
mi nokuthi ngiqhuba kanjani,
uThikhiku,[e] umfowethu otha-
ndekayo nesikhonzi esithembe-
kile eNkosini, uzonitshela ko-
nke.[f] **22** Ngimthuma kini nge-
nxa yayo kanye le njongo, uku-
ze nazi ukuthi siqhuba kanjani
nokuba aniduduze.
**23** Kwangathi abazalwane
bangaba nokuthula nothando
kanye nokholo oluvela ku-
Nkulunkulu uBaba naseNkosi-
ni uJesu Kristu. **24** Kwanga-
thi umusa omkhulu ungaba
nabo bonke abathanda iNkosi
yethu uJesu Kristu ngothando
olungapheli.

**6:11** *Noma, "nezenzo zobuqili." **6:12** *NgesiGreki, "asibambene."

ISAHL. 6
*a* Rom 13:12
*b* 2Ti 4:7
*c* 2Pe 2:4
*d* 2Ko 6:4, 7
*e* Isay 11:5
*f* IzA 4:23; Isay 59:17
*g* Isay 52:7; Rom 10:15
*h* 1Jo 5:4
*i* 1Pe 5:8, 9
*j* Isay 59:17; 1Th 5:8
*k* Heb 4:12

Uhla 2
*a* Kol 4:2
*b* Jud 20
*c* Kol 4:3
*d* 2Ko 5:20
*e* 2Ti 4:12; Tit 3:12
*f* Kol 4:7, 8

KWABASE-

# FILIPI

## UHLU LOKUPHAKATHI


1 Ukubingelela (1, 2)
- Ngiyambonga uNkulunkulu; umthandazo kaPawulu (3-11)
- Izindaba ezinhle zisakazwa kabanzi naphezu kwezinkinga (12-20)
- Ukuphila kunguKristu, ukufa kuyinzuzo (21-26)
- Ziphatheni ngendlela efanele izindaba ezinhle (27-30)

2 Ukuthobeka kobuKristu (1-4)
- Ukuzithoba kukaKristu nokuphakanyiswa (5-11)
- Sebenzelani insindiso yenu (12-18)
  - Ukukhanya njengezinkanyiso (15)

Ukuthumela uThimothewu
no-Ephafrodithu (19-30)
3 Ukungathembeli enyameni (1-11)
Ukushaya indiva zonke izinto ngenxa
kaKristu (7-9)
Ukululekela phambili emgomweni (12-21)
Ukuba izakhamuzi zasemazulwini (20)
4 Ubunye, ukujabula, imicabango
efanele (1-9)
Ningakhathazeki ngalutho (6, 7)
Ukubonga ngezipho ezivela
kwabaseFilipi (10-20)
Imikhonzo (21-23)

**1** UPawulu noThimothewu,
izinceku zikaKristu Jesu,
kubo bonke abangcwele aba-
seFilipi[a] abamunye noKristu
Jesu, kanye nababonisi nezi-
nceku ezikhonzayo:[b]
**2** Kwangathi ningathola
umusa omkhulu* nokuthula
okuvela kuNkulunkulu uBaba
wethu naseNkosini uJesu Kri-
stu.
**3** Ngibonga uNkulunkulu wa-
mi njalo lapho nginikhumbula
**4** kukho konke ukuninxusela
nonke. Ngininxusela ngenjabu-
lo[c] **5** ngenxa yomnikelo eni-
wenzele* izindaba ezinhle ku-
sukela osukwini lokuqala kuze
kube manje. **6** Ngoba ngiyaqi-
niseka ngale nto, ukuthi lowo
owaqala umsebenzi omuhle
kini uzowenza aze awuqe-
de[d] kuze kube usuku luka-
Kristu Jesu.[e] **7** Kulunge ngo-
kuphelele kimi ukuba ngicaba-
nge ngale ndlela ngani no-
nke, ngenxa yokuthi nisenhlizi-
yweni yami, nina eningabahla-
nganyeli nami emseni omkhu-
lu, lapho ngisejele[f] nasekuvike-
leni nasekumiseni ngokomthe-
tho izindaba ezinhle.[g]
**8** UNkulunkulu ungufakazi
wami wokuthi nginikhumbule
kanjani nonke ngoba nginitha-
nda njengoba uKristu Jesu eni-
thanda. **9** Yilokhu engiqhu-
beka ngikuthandazela, ukuthi
sengathi uthando lwenu lunga-
gcwala kakhulu[a] ulwazi olune-
mbile[b] nokuqonda okuphelele;[c]
**10** ukuba niqiniseke ngezinto
ezibaluleke kakhulu,[d] ukuze ni-
ngabi nasici futhi ningabakhu-
bekisi abanye[e] kuze kube usu-
ku lukaKristu; **11** nokuba ni-
gcwaliswe ngesithelo sokulu-
nga, esiza ngoJesu Kristu,[f]
kube udumo nenkazimulo ku-
Nkulunkulu.
**12** Ngifisa ukuba nazi, baza-
lwane, ukuthi empeleni izinto
ezenzeke kimi zibe nomthelela
ekusakazekeni kwezindaba ezi-
nhle, **13** kangangokuthi uku-
boshwa kwami[g] ngenxa kaKri-
stu sekwaziwa kabanzi[h] phaka-
thi kwabo bonke abaQaphi Bo-
mbusi nabo bonke abanye.
**14** Manje iningi labafowethu
esikhonza nabo iNkosi lizizwa
linesibindi ngenxa yokubo-
shwa kwami futhi libonisa isi-
bindi esikhulu nangokwengezi-
we sokukhuluma izwi likaNku-
lunkulu ngokungesabi.
**15** Yiqiniso, abanye bashu-
mayela ngoKristu ngenxa yo-
mona nombango kodwa abanye
ngokuzithandela. **16** Laba ba-
kamuva bamemezela uKristu
ngothando, ngoba bayazi uku-
thi ngimiswe ngenjongo yo-
kuvikela izindaba ezinhle;[i]
**17** kodwa abokuqala bakwenza

**1:2** *Noma, "umusa ongafanelwe." **1:5** *Noma, "ngenxa yokubamba kwenu iqhaza ekusakazeni."

**ISAHL. 1**
a IzE 16:12
b 1Ti 3:1, 8
c 1Th 1:2
d Flp 2:13
e 1Ko 1:8
f Efe 3:1
Flp 1:13
Kol 4:18
2Ti 1:8
Flm 13
g IzE 24:10, 14
IzE 25:10-12

**Uhla 2**
a 1Th 3:12
b Joh 17:3
c Heb 5:14
d Rom 12:2
e Rom 14:13, 21
f Joh 15:5
g Efe 3:1
h IzE 28:30, 31
i Flp 1:7

ngombango, hhayi ngesisusa esi-
hle, ngoba baqonde ukungidale-
la izinkinga ejele. **18** Ube yini
umphumela? Ube ukuthi nga-
zo zonke izindlela, uKristu
uyamenyezelwa kungakhathali-
seki ukuthi ngokuzenzisa noma
ngeqiniso, futhi ngiyajabula nga-
lokhu. Eqinisweni, ngizoqhube-
ka futhi ngijabula, **19** ngoba
ngiyazi ukuthi lokhu kuyokwe-
nza ukuthi ngisindiswe ngoku-
nxusa kwenu[a] nangokusekelwa
umoya kaJesu Kristu.[b] **20** Ngi-
yaqiniseka futhi nginethemba
lokuthi ngeke ngibe namahloni
kunoma yisiphi isici, kodwa uku-
thi ngiyokhuluma ngokungesa-
bi, noKristu uzokhazinyuliswa*
ngomzimba wami, njengoba be-
kulokhu kunjalo, kungakhathali-
seki ukuthi ngokuphila noma
ngokufa.[c]

**21** Ngoba kimi ukuphila ku-
nguKristu[d] nokufa kuyinzuzo.[e]
**22** Manje uma ngizoqhubeka
ngiphila enyameni, lokhu kuyi-
zithelo zomsebenzi wami; no-
kho engizokukhetha angikwe-
nzi kwaziwe. **23** Angazi ukuthi
ngikhetheni kulezi zinto ezimbi-
li, ngoba ngiyakufisa ukukhulu-
lwa nokuba kanye noKristu,[f]
empeleni okuyinto engcono ka-
khulu.[g] **24** Nokho, kudingeke
kakhulu ngami ukuba ngiqhube-
ke ngisenyameni ngenxa yenu.
**25** Ngakho njengoba ngiqinise-
ka ngalokhu, ngiyazi ukuthi ngi-
zohlala enyameni ngiqhubeke
nginani nonke ukuze nithuthu-
ke futhi nijabule okholweni lwe-
nu, **26** ukuze intokozo yenu
ichichime kuKristu Jesu nge-
nxa yami lapho ngiphinde ngiba
nani.

**27** Kuphela ziphatheni* nge-
ndlela efanele izindaba ezi-
nhle mayelana noKristu,[a] uku-
ze uma kwenzeka ngiza fu-
thi nginibona noma nginge-
zanga,* ngizwe ngokuphathe-
lene nani, ukuthi nimi niqi-
nile emoyeni munye, ngom-
phefumulo munye,#[b] nilulwe-
la ndawonye ukholo lwezinda-
ba ezinhle, **28** futhi anethu-
swa nhlobo yilabo abaphikisa-
na nani. Yona le nto iwubufa-
kazi bokubhujiswa[c] kwabo,
kodwa bokusindiswa kwenu;[d]
futhi lokhu kuvela kuNkulu-
nkulu. **29** Ngoba leli lungelo
lanikezwa nina ngenxa kaKri-
stu, ukuba ningabi nje kuphe-
la nokholo kuye, kodwa no-
kuba nihlupheke ngenxa ya-
khe.[e] **30** Ngoba ninomshika-
shika ofanayo nalowo enangi-
bona ngibhekene nawo[f] futhi
manje enizwa ngawo ukuthi
ngisabhekene nawo.

**2** Khona-ke, uma kukhona
noma yisiphi isikhuthazo
sobuKristu, noma iyiphi indu-
duzo yothando, noma yikuphi
ukukhathalelana,* noma yilu-
phi uthando kanye nobubele,
**2** yenzani injabulo yami igcwa-
le ngokuba nomqondo ofa-
nayo nothando olufanayo, ni-
nobunye obugcwele,* nino-
mcabango munye engqondwe-
ni.[g] **3** Ningenzi lutho ngomba-
ngo[h] noma ngokuzazisa,[i] ko-
dwa ngokuthobeka* bhekani
abanye njengabakhulu kunani,[j]
**4** njengoba ningacabangeli izi-
ndaba zenu nje kuphela,[k] ko-
dwa nikhathalela nabanye.[l]

**5** Yibani nalesi simo sengqo-
ndo esasikhona nakuKristu
Jesu,[m] **6** owathi nakuba aye-

---

**1:20** *NgesiGreki, "uzokwenziwa mkhulu." **1:27** *Noma, "ziphatheni njengezakhamuzi."

**1:27** *NgesiGreki, "ngingekho." #Noma, "ngokuvumelana." **2:1** *NgesiGreki, "yikuphi ukuhlanganyela umoya." **2:2** *Noma, "nihlanganiswe ndawonye emphefumulweni." **2:3** *Noma, "ngokuthobeka kwengqondo."

ISAHL. 1
a 2Ko 1:11
b Joh 15:26
c Rom 14:8; 1Pe 4:16
d Gal 2:20
e 1Th 4:14; 2Ti 4:8; IsA 14:13
f 2Ti 4:6
g 2Ko 5:6, 8

Uhla 2
a Efe 4:1, 3; Kol 1:10
b Rom 15:5, 6; 1Ko 1:10
c 2Th 1:6
d Luk 21:19; 2Th 1:4, 5
e IzE 5:41
f IzE 16:22, 23; 1Th 2:2

ISAHL. 2
g 1Ko 1:10; 2Ko 13:11; 1Pe 3:8
h Flp 1:15, 17; Jak 3:14, 16
i Gal 5:26
j Mat 23:11; Efe 4:1, 2; Efe 5:21
k 1Ko 13:4, 5
l 1Ko 10:24; 1Ko 10:32, 33
m Mat 11:29; Joh 13:14, 15

njengoNkulunkulu,[a] wangakucabanga ngisho nokukucabanga ukuzama ukulingana noNkulunkulu.[b] **7** Cha, kodwa wazidela, waba njengesigqila[c] waba ngumuntu.*[d] **8** Ngaphezu kwalokho, lapho efika njengomuntu,* wazithoba futhi walalela kwaze kwaba sekufeni,[e] yebo, ekufeni esigxotsheni sokuhlushwa.#[f] **9** Ngenxa yalesi sizathu, uNkulunkulu wamphakamisela esikhundleni esiphezulu[g] futhi ngomusa wamnika igama elingaphezu kwawo wonke amanye amagama,[h] **10** ukuze egameni likaJesu wonke amadolo aguqe—awabasezulwini nawabasemhlabeni nawabangaphansi komhlaba[i]— **11** futhi zonke izilimi zivume obala ukuthi uJesu Kristu uyiNkosi[j] kube inkazimulo kuNkulunkulu uBaba.

**12** Ngakho-ke, bathandekayo, njengoba benilokhu nilalela, hhayi ngesikhathi ngikhona kuphela, kodwa manje ngokuzithandela nakakhulu njengoba ngingekho, qhubekani nisebenzela ukusindiswa kwenu ngokwesaba nangokuthuthumela. **13** Ngoba uNkulunkulu nguye oninika amandla ngentando yakhe, eninikeza isifiso sokwenza namandla okwenza. **14** Qhubekani nenza zonke izinto ngaphandle kokububula[k] nokuphikisana,[l] **15** ukuze nibe abangasoleki nabamsulwa, abantwana bakaNkulunkulu[m] abangenabala phakathi kwesizukulwane esigwegwile nesisontekile,[n] enikhanya phakathi kwaso njengezinkanyiso ezweni,[o] **16** nilibambe ngokuqinile izwi lokuphila.[p] Khona-ke ngiyoba nesizathu sokujabula osukwini lukaKristu, ngazi ukuthi angigijimelanga ize noma ngakhandlekela ize. **17** Nokho, ngisho noma ngithululwa njengomnikelo ophuzwayo,[a] nginezela emhlatshelweni[b] eniwenzayo nasenkonzweni yenu engcwele* eniyenzela uNkulunkulu. Ngakho, ngiyathokoza futhi ngijabula kanye nani nonke. **18** Ngendlela efanayo nani kufanele nithokoze futhi nijabule kanye nami.

**19** Manje ngithemba ukuthi iNkosi uJesu izongivumela ukuba ngithumele kini uThimothewu[c] ngokushesha, ukuze ngikhuthazeke lapho ngizwa umbiko ngani. **20** Ngoba anginaye onjengoThimothewu ozoninakekela ngobuqotho. **21** Ngoba bonke abanye bazifunela izinzuzo zabo, hhayi ezikaJesu Kristu. **22** Kodwa niyabazi ubufakazi abunikeza ngaye ngokwakhe, ukuthi njengomntwana[d] osebenza noyise wazigqilaza kanye nami ekusakazeni izindaba ezinhle. **23** Ngakho-ke, nguye umuntu enginethemba lokumthuma ngokushesha nje lapho ngibona ukuthi izinto zingimele kanjani. **24** Impela, ngiyaqiniseka eNkosini ukuthi nami ngizoza ngokushesha.[e]

**25** Kodwa okwamanje ngikubona kudingeka ukuthumela u-Ephafrodithu kini, ongumzalwane nesisebenzi engikanye naso nesosha engikanye nalo, noyisithunywa senu nesikhonzi sesidingo sami,[f] **26** njengoba ekulangazelela ukunibona nonke futhi udangele ngenxa yokuthi nezwa ukuthi wayegula. **27** Impela, wagula wacishe wafa; kodwa uNkulunkulu waba nesihe

**2:7** *NgesiGreki, "wafana nabantu." **2:8** *NgesiGreki, "etholakala enjengomuntu." #Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**2:17** *Noma, "nenkonzo yomphakathi."

ISAHL. 2

a Kol 1:15; Heb 1:3
b Joh 14:28
c Isay 53:2, 3
d Joh 1:14
e Joh 10:17; Heb 2:9; Heb 5:8
f Gal 3:13
g Isay 52:13; IzE 2:32, 33
h IzE 4:12; Efe 1:20, 21
i Joh 5:22, 23
j Rom 10:9
k 1Ko 10:10; 1Pe 4:9
l 1Ti 2:8
m Efe 5:1
n Dut 32:5
o Mat 5:14; Efe 5:8, 9; 1Pe 2:9, 12
p Joh 6:68; Heb 4:12

Uhla 2

a Num 28:6, 7; 2Ko 12:15; 2Ti 4:6
b Heb 13:15; 1Pe 2:5
c 1Ko 4:17; 1Ko 16:10
d 2Ti 1:2
e Flm 22
f Flp 4:18

kuye, eqinisweni, hhayi kuye
kuphela kodwa nakimi, ukuze
ngingabi nosizi phezu kosizi.
**28** Ngakho-ke, ngimthumela
ngokushesha okukhulu, uku-
ze lapho nimbona niphinde ni-
jabule futhi nami ngingakha-
thazeki kakhulu. **29** Ngakho,
mamukeleni ngendlela eniva-
me ukwamukela ngayo aba-
landeli beNkosi, ngenjabulo
yonke, futhi niqhubeke ni-
bheka amadoda alolu hlobo
njengathandekayo,[a] **30** ngoba
wacishe wafa ngenxa yomse-
benzi kaKristu,* ebeka ukuphi-
la kwakhe engozini ukuze ava-
le isikhala sokungabikho kwe-
nu lapha ukuba ningikhonze.[b]

**3** Okokugcina bazalwane,
qhubekani nijabula eNkosi-
ni.[c] Ukunibhalela izinto ezi-
fanayo akungikhathazi, kodwa
kuphephisa nina.

**2** Qaphelani izinja; qaphela-
ni abantu abalimazayo; qa-
phelani labo abasika ijwa-
bu.[d] **3** Ngoba thina sinokuso-
ka kwangempela,[e] thina esini-
kela inkonzo engcwele ngomo-
ya kaNkulunkulu futhi esizi-
qhayisa ngoKristu Jesu[f] nesi-
ngathembeli enyameni, **4** na-
kuba kuyimi onesizathu soku-
thembela enyameni, uma ekho-
na onaso.

Uma noma imuphi omunye
umuntu ecabanga ukuthi une-
sizathu sokuthembela enyame-
ni, mina nginaso nakakhulu:
**5** ngasokwa ngosuku luka-8,[g]
ngingowesizwe sakwa-Israye-
li, emndenini wakwaBhe-
njamini, umHebheru ozalwa
ngamaHebheru;[h] ngokuqonde-
ne nomthetho, ngingumFarisi;[i]
**6** ngokuqondene nentshiseko,
ngashushisa ibandla;[j] ngoku-
qondene nokulunga okuseke-
lwe emthethweni, ngingonga-
soleki. **7** Kodwa noma yiziphi
izinto ezaziyinzuzo kimi, ngi-
zishaye indiva* ngenxa kaKri-
stu.[a] **8** Ngaphezu kwalokho,
ngempela zonke izinto ngizi-
shaya indiva ngenxa yenzu-
zo edlula zonke izinto yolwa-
zi ngoKristu Jesu iNkosi yami.
Ngenxa yakhe ngiye ngamu-
kela ukulahlekelwa yizo zo-
nke izinto futhi ngizibheka
njengenqwaba yezibi,* ukuze
ngizuze umusa kaKristu#
**9** nokuba ngitholakale ngimu-
nye naye, hhayi ngenxa yo-
kulunga kwami okuwumphu-
mela wokulandela uMthetho,
kodwa ngenxa yokulunga oku-
wumphumela wokholo[b] kuKri-
stu,[c] ukulunga okuvela kuNku-
lunkulu ngesisekelo sokholo.[d]
**10** Inhloso yami iwukumazi
uKristu namandla ovuko lwa-
khe[e] nokuba ngihlupheke nje-
ngaye,[f] ngizinikele ekufeni
okunjengokwakhe,[g] **11** ukuze
ngibone ukuthi kungenzeka
yini ngithole uvuko lokuqala
kwabafile.[h]

**12** Akukhona ukuthi sengi-
wamukele kakade lo mvuzo
noma ukuthi sengenziwe nga-
phelela, kodwa ngiphisheke-
la[i] ukubona ukuthi ngingeku-
bambe yini nami lokho uKri-
stu Jesu angikhethele kona.*[j]
**13** Bazalwane, angikazibheki
njengosewubambile; kodwa yi-
nye into engiqiniseka ngayo:
Njengoba ngikhohlwa izinto
ezingemuva[k] futhi ngilulekela
phambili ezintweni ezingapha-
mbili,[l] **14** ngizabalazela uku-

**2:30** *Noma kungaba, "yomsebenzi we-Nkosi."

**3:7** *Noma kungaba, "ngizishiye emuva ngokuzithandela." **3:8** *Noma, "kadoti; yemfucuza." #NgesiGreki, "ngizuze uKristu," okuwukuthi, ukuthola izibusiso njengomlandeli kaKristu. **3:12** *NgesiGreki, "angibambe ngakho."

ISAHL. 2
a 1Ko 16:18; 1Th 5:12, 13
b Flm 10, 13

ISAHL. 3
c 2Ko 13:11; Flp 4:4; 1Th 5:16
d Gal 5:2
e Jer 4:4; Rom 2:29; Kol 2:11
f Gal 6:14; Heb 9:13, 14
g Gen 17:12; Lev 12:3
h 2Ko 11:22
i IzE 23:6; IzE 26:4, 5
j IzE 8:3; IzE 9:1, 2; Gal 1:13

Uhla 2
a Mat 13:44
b Rom 4:5
c Gal 2:15, 16
d Rom 3:20-22
e 1Ko 15:22; 2Ko 13:4
f Rom 8:17; 2Ko 4:10; Kol 1:24
g Rom 6:5
h 1Th 4:16; IsA 20:6
i Luk 13:24
j 1Ti 6:12
k Luk 9:62
l 1Ko 9:24

finyelela umgomo wokutho-
la umklomelo[a] wobizo lwa-
phezulu[b] lukaNkulunkulu ngo-
Kristu Jesu. **15** Ngakho-ke,
sonke thina esivuthiwe,[c] ma-
sibe nalesi simo sengqondo,
kodwa uma nicabanga nge-
ndlela ehlukile kunoma iyiphi
into, uNkulunkulu uyonambu-
lela isimo sengqondo esifa-
nele. **16** Noma kunjalo, ngezi-
nga esesithuthuke ngalo, masi-
qhubeke sihamba ngokuhlele-
kile ngalo mzila ofanayo.

**17** Ngobunye yibani abali-
ngisi bami,[d] bazalwane, iso
lenu lihlale likulabo abahamba
ngendlela evumelana nesibone-
lo esinibekela sona. **18** Ngo-
ba kukhona abaningi abaha-
mba njengezitha zesigxobo so-
kuhlushwa* sikaKristu. Nga-
ngivame ukukhuluma ngabo
kaningi kodwa manje ngikhu-
luma ngabo nangezinyembezi.
**19** Isiphetho sabo siwukubhu-
jiswa, unkulunkulu wabo yisisu
sabo, inkazimulo yabo iyihlazo
labo, futhi izingqondo zabo zi-
sezintweni zomhlaba.[e] **20** Ko-
dwa thina siyizakhamuzi[f] za-
semazulwini,[g] silindele ngoku-
langazela umsindisi osezulwini,
iNkosi uJesu Kristu,[h] **21** oyo-
guqula umzimba wethu opha-
nsi ukuze ufane* nomzimba wa-
khe okhazimulayo[i] esebenzisa
amandla akhe amakhulu ame-
nza abeke zonke izinto ngapha-
nsi kwakhe.[j]

**4** Ngenxa yalokho, bazalwa-
ne engibathandayo nengila-
ngazelela ukubabona, niyinja-
bulo yami nomqhele wami.[k]
Ngiyaninxusa ukuba nihlale ni-
thembekile[l] eNkosini, batha-
ndekayo.

**2** Nginxusa u-Evodiya noSi-
ntike ukuba babe nomqondo

**3:18** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **3:21** *NgesiGreki, "uvumelane."

ofanayo eNkosini.[a] **3** Yebo,
nawe ngiyakucela njengesi-
sebenzi seqiniso engikanye
naso,* ukuba uqhubeke usi-
za laba besifazane abaye baza-
balaza# kanye nami ezindabe-
ni ezinhle kanye noKlemente,
nazo zonke ezinye izisebenzi
engikanye nazo, lezo amagama
azo asencwadini yokuphila.[b]

**4** Jabulani eNkosini ngaso
sonke isikhathi. Ngizophinda
futhi ngithi, Jabulani![c] **5** Uku-
cabangela kwenu*[d] makwazi-
we yibo bonke abantu. INko-
si iseduze. **6** Ningakhathaze-
ki ngalutho,[e] kodwa zonke izi-
celo zenu zitsheleni uNkulunku-
lu ngomthandazo, ngokunxu-
sa kanye nokubonga;[f] **7** uku-
thula[g] kukaNkulunkulu okudlu-
la konke ukuqonda kuyoqapha
izinhliziyo zenu[h] nemicabango
yenu* ngoKristu Jesu.

**8** Okokugcina bazalwane,
noma yiziphi izinto eziyiqiniso,
noma yiziphi izinto ezibalule-
ke ngempela, noma yiziphi izi-
nto ezilungile, noma yiziphi izi-
nto ezimsulwa,* noma yiziphi
izinto ezithandekayo, noma yi-
ziphi izinto okukhulunywa ka-
hle ngazo, noma yibuphi ubu-
hle nanoma yiziphi izinto eziku-
fanelekelayo ukudunyiswa, qhu-
bekani nicabanga# ngalezi zi-
nto.[i] **9** Izinto enazifunda futhi
nazamukela, nazizwa, nazibona
mayelana nami, qhubekani nize-
nza,[j] khona-ke uNkulunkulu wo-
kuthula uyoba nani.

**10** Ngijabula kakhulu eNkosi-
ni ngokuthi ekugcineni seniphi-
nde naqala ukucabanga ngami.[k]
Nakuba nanicabanga ngami,

**4:3** *NgesiGreki, "njengomngani woqobo ejokeni." #Noma, "bazikhandla." **4:5** *NgesiGreki, "Ukuvumelana kwenu nezimo; Ukuhoxa kwenu." **4:7** *Noma, "namandla enu engqondo; nezingqondo zenu." **4:8** *Noma, "ezihlanzekile." #Noma, "nizindla."

ISAHL. 3
a 2Ti 4:8; Heb 12:1
b Heb 3:1
c 1Ko 14:20; Heb 5:14
d 1Ko 4:16; 2Th 3:9
e Rom 8:5; Jak 3:15
f Efe 2:19
g Joh 18:36; Efe 2:6; Kol 3:1
h 1Ko 1:7; 1Th 1:10; Tit 2:13; Heb 9:28
i 1Ko 15:42, 49
j 1Ko 15:27; Heb 2:8

ISAHL. 4
k 1Th 2:19
l Flp 1:27

Uhla 2
a Rom 15:5, 6; 1Ko 1:10; 2Ko 13:11; Flp 2:2; 1Pe 3:8
b Hu 69:28; Luk 10:20
c Hu 64:10; 1Th 5:16
d Tit 3:2; Jak 3:17
e Mat 6:25; Luk 12:22
f Joh 16:23; Rom 12:12; 1Pe 5:6, 7
g Joh 16:33; Rom 5:1
h Kol 3:15
i Kol 3:2
j Flp 3:17
k 2Ko 11:8, 9

anilitholanga ithuba lokukubo-
nisa lokho. **11** Lokhu angiku-
sho ngenxa yokuthi ngiswele,
ngoba ngiye ngafunda ukwaneli-
seka noma ngabe ngikuziphi izi-
mo.[a] **12** Ngiyakwazi ukuphele-
lwa ukudla,[b] ngiyakwazi uku-
ba nensada. Kuzo zonke izinto
nakuzo zonke izimo ngiyifundi-
le imfihlo yakho kokubili, uku-
thi kunjani ukwaneliseka noku-
thi kunjani ukulamba, ukuba
nensada nokuswela. **13** Ngina-
mandla azo zonke izinto ngenxa
yalowo ongipha amandla.[c]

**14** Noma kunjalo, nenze ka-
hle ngokungisiza osizini lwami.
**15** Eqinisweni, nina baseFilipi
niyazi futhi ukuthi ngemva ko-
kuba nizwe izindaba ezinhle
okokuqala, lapho ngihamba
eMakedoniya, akukho bandla
elahlanganyela nami endabeni
yokupha nokwamukela ngapha-
ndle kwenu nodwa;[d] **16** ngoba
ngesikhathi ngiseThesalonika,
nangithumelela okuthile engi-
kudingayo, hhayi kanye kuphe-
la kodwa kabili. **17** Akukhona
ukuthi ngifuna ukuthola isipho,
kodwa ngifuna izithelo eziyi-
nzuzo kakhulu kini. **18** Nokho,
nginazo zonke izinto engizidi-
ngayo futhi nginensada. Ngi-
gculisekile njengoba sengamu-
kele ku-Ephafrodithu[a] izinto eni-
zithumele, iphunga elimnandi,[b]
umhlatshelo owamukelekayo,
ojabulisa kakhulu kuNkulunku-
lu. **19** Khona-ke uNkulunkulu
wami uzokwanelisa ngokugcwe-
le zonke izidingo zenu,[c] ngezi-
nga lengcebo yakhe ekhazimula-
yo ngoKristu Jesu. **20** Ngakho
inkazimulo mayibe kuNkulunku-
lu noBaba wethu kuze kube
phakade naphakade. Amen.

**21** Ngikhonzeleni kubo bo-
nke abangcwele abamunye no-
Kristu Jesu. Abazalwane abana-
mi bayakhonza. **22** Bayakho-
nza bonke abangcwele, kodwa
ikakhulukazi abendlu kaKhe-
sari.[d]

**23** Umusa omkhulu weNko-
si uJesu Kristu mawube nomo-
ya eniwubonisayo.

ISAHL. 4
*a* 1Ti 6:6, 8; Heb 13:5
*b* 1Ko 4:11; 2Ko 6:4, 10; 2Ko 11:27
*c* Isay 40:29; 2Ko 4:7; 2Ko 12:9, 10
*d* 2Ko 11:8, 9

Uhla 2
*a* Flp 2:25
*b* Eks 29:18
*c* 2Ko 9:8
*d* Flp 1:12, 13

KWABASE-
# KOLOSE

**UHLU LOKUPHAKATHI**

1 Ukubingelela (1, 2)
Ukubonga ngokholo lwabaseKolose (3-8)
Ukuthandazela ukukhula ngokomoya (9-12)
Indima kaKristu eyinhloko (13-23)
Umsebenzi onzima uPawulu awenzela ibandla (24-29)

2 Imfihlo engcwele kaNkulunkulu, uKristu (1-5)
Qaphelani abakhohlisi (6-15)
Okungokoqobo kungokukaKristu (16-23)

3 Ubuntu obudala nobusha (1-17)
Bulalani amalunga omzimba (5)
Uthando, isibopho esiphelele sobunye (14)
Kwelulekwa imindeni yamaKristu (18-25)

4 Kwelulekwa amakhosi (1)
“Phikelelani emthandazweni” (2-4)
Ukuhamba ngokuhlakanipha ngakulabo abangaphandle (5, 6)
Imikhonzo (7-18)

**1** UPawulu, umphostoli kaKri-
stu Jesu ngokwentando ka-
Nkulunkulu, kanye noThimo-
thewu[a] umfowethu, **2** kwaba-
ngcwele nabazalwane abathe-
mbekile abamunye noKristu
eKolose:

Kwangathi ningathola umu-
sa omkhulu* nokuthula okuve-
la kuNkulunkulu uBaba wethu
naseNkosini uJesu Kristu.

**3** Simbonga njalo uNkulu-
nkulu, uYise weNkosi yethu
uJesu Kristu, uma sinithanda-
zela **4** ngoba sezwa ngokho-
lo lwenu kuKristu Jesu na-
ngothando eninalo ngabo bo-
nke abangcwele **5** ngenxa ye-
themba enigcinelwe lona ema-
zulwini.[b] Nezwa ngaleli the-
mba ngomyalezo weqiniso lezi-
ndaba ezinhle **6** ezafika kini.
Njengoba nje izindaba ezi-
nhle zithela izithelo futhi za-
nda emhlabeni wonke,[c] ziya-
nda naphakathi kwenu kusu-
kela ngosuku enawuzwa nena-
wazi ngalo ngokunembile umu-
sa omkhulu kaNkulunkulu we-
qiniso. **7** Yilokho enikufunde
ku-Ephafra inceku ethandeka-
yo ekanye nathi,[d] oyisikhonzi
sikaKristu esithembekile esisi-
melelayo. **8** Wasazisa nango-
thando lwenu oluvumelana no-
moya kaNkulunkulu.*

**9** Yingakho futhi kusuke-
la ngosuku esezwa ngalo nga-
kho, singayekanga ukunitha-
ndazela,[e] sicela ukuba nigcwa-
le ulwazi olunembile[f] lwenta-
ndo yakhe kukho konke uku-
hlakanipha nokuqonda oku-
ngokomoya,[g] **10** ukuze niha-
mbe ngokufanele uJehova,*
ukuze nimjabulise ngokugcwe-
le njengoba niqhubeka nithe-
la izithelo kuyo yonke imisebe-
nzi emihle futhi lwanda ulwa-
zi lwenu olunembile ngoNkulu-
nkulu;[a] **11** kwangathi ninga-
qiniswa ngawo wonke amandla
ngokwamandla akhe akhazi-
mulayo[b] ukuze nikhuthaze-
le ngokugcwele ngokubekeze-
la nangenjabulo, **12** njengoba
nibonga uBaba owanenza na-
kufanelekela ukuhlanganyela
efeni labangcwele[c] abaseku-
khanyeni.

**13** Wasikhulula egunyeni lo-
bumnyama[d] wasidlulisela
embusweni weNdodana yakhe
ethandekayo, **14** esithola nga-
yo ukukhululwa ngesihle-
ngo, ukuthethelelwa kwezo-
no zethu.[e] **15** Ingumfanekiso
kaNkulunkulu ongabonakali,[f]
izibulo layo yonke indalo;[g]
**16** ngoba kwadalwa ngayo zo-
nke ezinye izinto emazulwini
nasemhlabeni, izinto ezibona-
kalayo nezinto ezingabonaka-
li,[h] kungakhathaliseki ukuthi zi-
yizihlalo zobukhosi noma ubu-
khosi noma ohulumeni noma
amagunya. Zonke ezinye izi-
nto zidalwe ngayo[i] futhi zada-
lelwa yona. **17** Futhi, ingapha-
mbi kwazo zonke ezinye izi-
nto,[j] zonke ezinye izinto zenzi-
wa zaba khona ngayo, **18** fu-
thi iyinhloko yomzimba, iba-
ndla.[k] Iyisiqalo, izibulo kwa-
bafile,[l] ukuze ibe ngeyokuqa-
la kuzo zonke izinto; **19** ngo-
ba uNkulunkulu wabona ku-
kuhle ukuba ukugcwala ko-
nke kuhlale kuyo,[m] **20** noku-
ba abuyisele ngayo kuye zo-
nke ezinye izinto[n] ngokwenza
ukuthula ngegazi[o] eyalithulula
esigxotsheni sokuhlushwa,* ku-
ngakhathaliseki ukuthi yizinto
ezisemhlabeni noma izinto ezi-
semazulwini.

**1:2** *Noma, "umusa ongafanelwe." **1:8** *NgesiGreki, "lwenu emoyeni." **1:10** *Bheka iSithasiselo A5.

**1:20** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**ISAHL. 1**

a 1Ko 4:17
b 2Ti 4:8; 1Pe 1:3, 4
c Kol 1:23; 1Ti 3:16
d Kol 4:12, 13; Flm 23
e Efe 1:15, 16
f Flp 1:9
g 2Ti 2:7; 1Jo 5:20

**Uhla 2**

a Efe 1:17; 2Pe 1:2
b Efe 3:14, 16
c Rom 8:17; Efe 1:13, 14
d Efe 2:1, 2
e Efe 1:7
f Joh 4:24; Joh 10:30; Joh 14:9; 1Ti 1:17
g IsA 3:14
h Joh 1:3
i Joh 1:10; Heb 1:2
j Joh 17:5
k Efe 1:22
l 1Ko 15:23; IsA 1:5
m Kol 2:3, 9
n 2Ko 5:19; Efe 1:10
o Lev 17:11

**21** Ngempela, nina enanika-
de nikude noNkulunkulu fu-
thi niyizitha ngoba izingqo-
ndo zenu zisemisebenzini emi-
bi, **22** manje usenenze nabu-
yisana naye ngomzimba wayo
wenyama ngokufa kwayo, uku-
ze inethule phambi kwakhe
ningcwele ningenasici futhi
ningenacala[a]— **23** yebo, uma
kodwa niqhubeka nisokholwe-
ni,[b] nimi esisekelweni nigxi-
lile,[c] ningagudluzwa[d] ethembe-
ni lalezo zindaba ezinhle ena-
zizwa futhi ezashunyayelwa
kuyo yonke indalo engaphansi
kwezulu.[e] Mina Pawulu nga-
ba isikhonzi salezi zindaba ezi-
nhle.[f]

**24** Ngiyajabula manje ngoku-
hlupheka kwami ngenxa
yenu,[g] futhi ngicabanga uku-
thi angikahlupheki ngoku-
gcwele ngenxa kaKristu, nge-
nxa yomzimba wakhe,[h] oyiba-
ndla.[i] **25** Ngaba yisikhonzi sa-
leli bandla ngokuvumelana no-
buphathi[j] obuvela kuNkulu-
nkulu enganikwa bona nge-
nxa yenu ukuze ngishumaye-
le izwi likaNkulunkulu ngoku-
gcwele, **26** imfihlo engcwele[k]
eyayifihliwe ezikhathini* ezi-
dlule[l] nasezizukulwaneni ezi-
dlule. Kodwa manje yambuliwe
kwabangcwele bakhe,[m] **27** ku-
labo uNkulunkulu athanda uku-
ba bayazi ingcebo ekhazimula-
yo yale mfihlo engcwele phaka-
thi kwezizwe.[n] InguKristu emu-
nye kanye nani, okusho uku-
thi ninethemba lokukhazinyuli-
swa kanye naye.[o] **28** Nguye
esimmemezelayo, njengoba si-
yala wonke umuntu futhi sifu-
ndisa wonke umuntu ngokuhla-
kanipha kwangempela, ukuze
sethule wonke umuntu ephele-
le emunye noKristu.[a] **29** Nge-
nxa yale njongo ngisebenza ka-
nzima ngempela, ngizikhandla
ngamandla akhe asebenza nga-
phakathi kimi.[b]

**2** Ngoba ngifuna nazi ukuthi
mkhulu kangakanani um-
shikashika engibhekene nawo
ngenxa yenu nangenxa yalabo
abaseLawodikeya[c] nangenxa
yabo bonke abangakaze ba-
ngibone ubuso nobuso. **2** Lo-
khu kwenzeka ukuze izinhli-
ziyo zabo ziduduzeke[d] no-
kuba bahlanganiswe ngoku-
vumelanayo othandweni[e] fu-
thi bathole yonke ingcebo
—ukuqonda iqiniso, okuyinto
abaqiniseka ngokugcwele nga-
yo—nokuba bathole ulwazi olu-
nembile lwemfihlo engcwe-
le kaNkulunkulu, okunguku-
thi, uKristu.[f] **3** Kuye kufihlwe
ngokucophelela yonke ingce-
bo yokuhlakanipha neyolwa-
zi.[g] **4** Lokhu ngikusho uku-
ze kungabikho muntu oniduki-
sa ngezinkulumo ezithonyayo.
**5** Nakuba ngingekho nani ngo-
koqobo, nginani ngomoya, ngi-
jabulela ukuzwa ngokuhleleka
kwenu okuhle[h] nokuqina ko-
kholo lwenu kuKristu.[i]

**6** Ngakho-ke, njengoba na-
mukele uKristu Jesu iNko-
si, qhubekani nimunye naye,
**7** nigxilile futhi nakhiwa kuye,[j]
nisimamiswa okholweni,[k] nje-
ngoba nje nafundiswa, nichichi-
ma ukubonga.[l]

**8** Xwayani ukuba kungabi
namuntu onithumba* ngefiloso-
fi nangenkohliso eyize[m] eseke-
lwe esikweni labantu, ngokwe-
zinto zokucathula zezwe hha-
yi ngokukaKristu; **9** ngoba zo-
nke izimfanelo zikaNkulunku-
lu zigcwele kuye.[n] **10** Ngakho

---

**1:26** *Noma, "ezimisweni zezinto." Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**2:8** *Noma, "onithatha ahambe nani njengezisulu zakhe."

---

**ISAHL. 1**
- a 1Ko 1:8
- b IsA 2:10
- c 1Ko 3:11
- d 1Ko 15:58 Heb 3:14
- e 1Ti 3:16
- f Efe 3:8
- g Efe 3:1
- h IzE 9:16 Flp 3:10
- i Efe 1:22, 23
- j 1Ko 9:16, 17
- k Efe 3:5-7 Efe 5:32
- l Luk 8:10 1Ko 2:7
- m Rom 16:25, 26
- n Efe 3:8, 9
- o Rom 8:18

**Uhla 2**
- a Efe 4:13
- b Flp 4:13

**ISAHL. 2**
- c Kol 4:16
- d 2Ko 1:6
- e Kol 3:14
- f 1Ko 2:7 Efe 3:5, 6
- g 1Ko 1:30 1Ko 2:16
- h 1Ko 14:40
- i 1Ko 15:58 Heb 3:14
- j Efe 2:20 Efe 3:17
- k Mat 7:24, 25
- l Efe 5:20 1Th 5:18
- m Efe 5:6 Heb 13:9
- n Kol 1:19

anisweli lutho ngenxa yakhe,
lowo oyinhloko yabo bonke
ohulumeni negunya.[a] **11** Ngo-
buhlobo benu naye, nasokwa
ngokusokwa okungenziwanga
ngezandla ngokuhlubula umzi-
mba wenyama,[b] kodwa ngo-
kusokwa kukaKristu.[c] **12** Ngo-
ba nangcwatshwa kanye naye
obhapathizweni lwakhe,[d] na-
ngobuhlobo benu naye navu-
swa[e] futhi kanye naye ngokholo
lwenu emsebenzini wamandla
kaNkulunkulu, owamvusa kwa-
bafile.[f]

**13** Ngaphezu kwalokho, na-
kuba nanifile ngenxa yezipha-
mbeko zenu nangenxa yoku-
ngasokwa kwenyama yenu,
uNkulunkulu wanenza naphi-
la kanye naye.[g] Wasithethele-
la ngomusa zonke iziphambeko
zethu[h] **14** futhi wesula incwa-
di elotshwe ngesandla[i] eyayine-
mithetho[j] futhi iphikisana na-
thi.[k] Useyisusile endleleni ngo-
kuyibethela esigxotsheni soku-
hlushwa.*[l] **15** Ngesigxobo so-
kuhlushwa,* ubahlubulile ohu-
lumeni neziphathimandla, wa-
bukisa ngabo obala njengezi-
thunjwa,[m] ebonisa ukuthi uba-
nqobile.

**16** Ngakho-ke ningavume-
li muntu anahlulele ngoku-
thi nidleni nokuthi niphuze-
ni[n] noma ngokugujwa kwe-
mikhosi noma kokwethwasa
kwenyanga[o] noma kwesaba-
tha.[p] **17** Lezo zinto ziyisithu-
nzi sezinto ezazizofika,[q] kodwa
okungokoqobo kungokukaKri-
stu.[r] **18** Ningavumeli muntu
anivimbele ukuthola umklo-
melo,[s] umuntu ojatshuliswa
ukuthobeka-mbumbulu noku-
khulekela izingelosi,* "omi"#
ezintweni azibonile. Empele-
ni uzikhukhumeza ngaphandle
kwesizathu esifanele ngendle-
la yakhe yokucabanga yabantu
abanesono, **19** futhi akaba-
mbelele ngokuqinile koyinhlo-
ko,[a] kulowo umzimba wonke
owondliwa ngaye nohlangani-
swe ngokuvumelanayo ngama-
lunga awo nemisipha, wenzi-
we ukhule ngokukhula okuve-
la kuNkulunkulu.[b]

**20** Uma nafa kanye noKri-
stu ngokuqondene nezinto zo-
kucathula zezwe,[c] kungani ni-
phila njengokungathi niseyi-
ngxenye yezwe ngokuqhube-
ka nithobela imithetho ethi:[d]
**21** "Ungaphathi noma unambi-
the noma uthinte," **22** kushi-
wo izinto zonke ezishabalala-
yo lapho zisetshenziswa, ngo-
kuvumelana nemiyalo nezi-
mfundiso zabantu?[e] **23** Naku-
ba lezo zinto zibonakala zihla-
kaniphile ngendlela yokukhu-
lekela abazikhethele yona ka-
nye nokuthobeka-mbumbulu,
ukuphatha kabi umzimba,[f] azi-
sizi ngalutho ekulweni nokwa-
nelisa inyama.

**3** Nokho, uma nenziwa na-
phila ngoKristu,[g] qhubeka-
ni nifuna izinto zaphezu-
lu, lapho uKristu ehlezi kho-
na ngakwesokudla sikaNkulu-
nkulu.[h] **2** Gcinani izingqondo
zenu zigxile ezintweni zaphe-
zulu,[i] hhayi ezintweni ezisem-
hlabeni.[j] **3** Ngoba nafa, fu-
thi ukuphila kwenu kuseza-
ndleni zikaKristu emunye
noNkulunkulu. **4** Lapho uKri-
stu, owukuphila kwethu,[k] ebo-
nisa amandla akhe, khona-ke

ISAHL. 2
a Efe 1:20, 21; 1Pe 3:22
b Rom 6:6
c Rom 2:29; Flp 3:3
d Rom 6:4
e Efe 2:6; Kol 3:1
f IzE 2:24; Efe 1:19, 20
g Efe 2:1, 5
h IzE 2:38
i Eks 34:27; Dut 31:24-26; Heb 7:18
j Efe 2:14, 15
k Rom 7:10; Gal 3:10
l Gal 3:13; Heb 9:15; 1Pe 2:24
m 1Jo 5:4; IsA 3:21
n Rom 14:3, 17
o Hu 81:3
p Rom 14:6
q Heb 8:5; Heb 10:1
r Joh 14:6; Heb 9:11, 12
s Flp 3:14

Uhla 2
a Efe 1:22, 23
b Efe 2:21; Efe 4:16
c Gal 4:3; Kol 2:8
d Efe 2:15; Kol 2:14
e Mat 15:9
f 1Ti 4:3

ISAHL. 3
g Efe 2:6
h Hu 110:1; 1Pe 3:22
i Flp 3:20; Flp 4:8; 1Pe 1:13
j 1Jo 2:15
k Joh 11:25

**2:14** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **2:15** *Noma kungaba, "Ngaye."

**2:18** *Noma, "nokukhulekela ngendlela izingelosi ezikhulekela ngayo." #Icashunwe emasikweni ayinqaba obuqaba.

nani niyowabonisa kanye naye
enkazimulweni.[a]
**5** Ngakho-ke, bulalani ama-
lunga emizimba yenu[b] asem-
hlabeni ngokuqondene nokuzi-
phatha kabi ngokocansi,* uku-
ngcola, inkanuko yokuya oca-
nsini engalawuleki,[c] isifiso esi-
limazayo, nokuhaha, oku-
wukukhonza izithixo. **6** Ula-
ka lukaNkulunkulu luyeza nge-
nxa yalezo zinto. **7** Nani na-
niziphatha* kanjalo ekuphi-
leni kwenu kwangaphambili.#[d]
**8** Kodwa manje kumele nilahle
kude nani: ulaka, intukuthe-
lo, ububi,[e] inkulumo elimaza-
yo,[f] nenkulumo eyichilo[g] ephu-
ma emlonyeni wenu. **9** Ninga-
qambi amanga omunye komu-
nye.[h] Hlubulani ubuntu obu-
dala[i] nemikhuba yabo,* **10** ni-
gqoke ubuntu obusha,[j] obe-
nziwa bube busha ngolwazi
olunembile ukuze bubonakali-
se ubuntu baLowo owabudala.[k]
**11** Ubuntu obusha abuhluka-
nisi phakathi komGreki nom-
Juda, ukusoka noma ukunga-
soki, owezizwe, umSkithe,* isi-
gqila, noma okhululekile; ko-
dwa uKristu uyikho konke,
ukubo bonke.[l]
**12** Ngakho, njengabakhethi-
we bakaNkulunkulu,[m] aba-
ngcwele nabathandwayo, gqo-
kani uzwela nothando,[n] umu-
sa, ukuthobeka,*[o] ubumnene[p]
nokubekezela.[q] **13** Qhubeka-
ni nibekezelelana futhi ni-
thethelelana ngokukhululeki-
le,[r] ngisho noma umuntu ene-
sizathu sokukhononda ngo-
munye.[a] Njengoba nje uJeho-
va* anithethelela ngokukhulu-
lekile, nani kumele nenze ka-
njalo.[b] **14** Kodwa ngaphezu
kwazo zonke lezi zinto, gqoka-
ni uthando,[c] ngoba lwenza aba-
ntu babe nobunye ngokuphe-
lele.[d]
**15** Ngaphezu kwalokho, uku-
thula kukaKristu makubu-
se* ezinhliziyweni zenu,[e] ngo-
ba nabizelwa kulokho kuthu-
la nimzimba munye. Yibani
ngababongayo. **16** Izwi lika-
Kristu malihlale ngokugcwe-
le kini ngakho konke ukuhla-
kanipha. Qhubekani nifundisa-
na futhi nikhuthazana# ngama-
hubo,[f] ngezindumiso zikaNku-
lunkulu, ngezingoma zokudumi-
sa eziculwa ngokubonga,△ ni-
hubela uJehova* ezinhliziywe-
ni zenu.[g] **17** Noma ngabe yini
eniyenza ngezwi noma ngese-
nzo, konke kwenzeni ngegama
leNkosi uJesu, nibonga uNkulu-
nkulu uYise ngaye.[h]
**18** Nina bafazi, zithobeni ku-
bayeni benu,[i] ngoba kuyafane-
leka eNkosini. **19** Nina mado-
da, qhubekani nithanda omke-
nu[j] futhi ningabathukutheleli
kakhulu.*[k] **20** Nina bantwana,
lalelani abazali benu kukho ko-
nke,[l] ngoba lokhu kuyajabuli-
sa kakhulu eNkosini. **21** Nina
bobaba, ningabathukuthelisi*
abantwana benu,[m] ukuze ba-
ngadangali.# **22** Nina zigqila,
balaleleni kukho konke labo
abangamakhosi enu angaba-
ntu,*[n] kungabi ngokuthenga
amehlo, ukuze nje nijabuli-

ISAHL. 3
*a* 1Ko 15:42, 43
*b* Mar 9:43; Gal 5:24
*c* 1Ko 6:18; Efe 5:3
*d* 1Ko 6:9-11; Efe 2:3; Tit 3:3
*e* 1Pe 2:1
*f* Efe 4:31
*g* Efe 5:3, 4
*h* Efe 4:25; IsA 21:8
*i* Efe 4:22
*j* Rom 12:2; Efe 4:24
*k* Gen 1:26, 27; 1Pe 1:16
*l* Gal 3:28
*m* 1Pe 2:9
*n* Flp 2:1, 2
*o* Rom 12:16
*p* Tit 3:2
*q* Efe 4:1, 2; 1Th 5:14
*r* IzA 19:11; Efe 4:32; 1Pe 4:8

Uhla 2
*a* Mat 18:15
*b* Mat 6:14; Mar 11:25
*c* 1Jo 3:23
*d* 1Ko 13:4-7
*e* Joh 14:27; Flp 4:7
*f* 1Ko 14:26
*g* Efe 5:19
*h* 1Ko 10:31
*i* Efe 5:22; 1Pe 3:1
*j* Efe 5:25; 1Pe 3:7
*k* Efe 4:31
*l* IzA 6:20; Luk 2:51; Efe 6:1
*m* Efe 6:4
*n* Efe 6:5, 6; Tit 2:9; 1Pe 2:18

**3:5** *NgesiGreki, i-*por·nei′a.* Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **3:7** *Noma, "nanihamba." #Noma, "ngesikhathi nisaphila ngaleyo ndlela." **3:9** *NgesiGreki, "umuntu omdala nemikhuba yakhe." **3:11** *Elithi "umSkithe" lalisho umuntu ongaphucuzekile. **3:12** *Noma, "ukuzehlisa."

**3:13, 16** *Bheka iSithasiselo A5. **3:15** *Noma, "makulawule." **3:16** #Noma, "niyalana." △Noma, "ngokwazisa." **3:19** *Noma, "ningabakhahli." **3:21** *Noma, "ningabachukuluzi; ningabacasuli." #Noma, "bangadikibali." **3:22** *NgesiGreki, "angokwenyama."

se abantu, kodwa ngobuqotho
benhliziyo, ngokwesaba uJeho-
va.* **23** Noma yini eniyenza-
yo, yenzeni ngomphefumulo#
wonke njengokungathi nenze-
la uJehova,*[a] hhayi abantu,
**24** ngoba niyazi ukuthi niyo-
thola ifa eliwumvuzo kuJe-
hova.*[b] Yibani izinceku zeNko-
si, uKristu. **25** Lowo owenza
okungalungile uyojeziswa na-
kanjani ngenxa yokungalungile
akwenzile,[c] futhi akukho uku-
khetha.[d]

**4** Nina makhosi, phathani izi-
nceku zenu ngendlela elu-
ngile nefanele, nazi ukuthi
nani nineNkosi ezulwini.[e]

**2** Phikelelani emthandazwe-
ni,[f] nihlale niwuphaphame-
le ngokubonga.[g] **3** Ngesikha-
thi esifanayo, sithandazeleni
nathi[h] ukuba uNkulunkulu avu-
lele izwi umnyango ukuze si-
memezele imfihlo engcwele
mayelana noKristu, engisejele
ngenxa yayo,[i] **4** nokuba ngiyi-
memezele ngokucacile njengo-
ba kufanele ngenze.

**5** Qhubekani nihamba ngo-
kuhlakanipha ngakulabo aba-
ngaphandle, nisisebenzise ka-
hle isikhathi senu.*[j] **6** Ama-
zwi enu ngaso sonke isikha-
thi mawabe nomusa, anongwe
ngosawoti,[k] ukuze nazi ukuthi
kufanele nimphendule kanjani
umuntu ngamunye.[l]

**7** UThikhiku,[m] umfowethu
othandekayo nesikhonzi esi-
thembekile nenceku ekanye
nathi eNkosini, uzonitshela
zonke izindaba eziphathele-
ne nami. **8** Ngimthumela kini
ukuze nazi ukuthi siqhuba ka-
njani nokuba aduduze izinhli-
ziyo zenu. **9** Uza kanye no-
Onesimu,[a] umfowethu othe-
mbekile nothandekayo, ophu-
ma phakathi kwenu; bazoni-
tshela zonke izinto ezenzeka
lapha.

**10** U-Aristarku,[b] isiboshwa
esikanye nami uyakhonza kini,
kanjalo noMarku[c] umzala ka-
Barnaba (enathola iziqondiso
zokuba nimamukele[d] uma efika
kini), **11** kanye noJesu obi-
zwa ngokuthi uJustu, abanga-
banye babasokile. Yilaba ku-
phela abayizisebenzi ezikanye
nami ngenxa yoMbuso kaNku-
lunkulu, futhi babe umtho-
mbo wenduduzo enkulu* kimi.
**12** U-Ephafra,[e] inceku kaKri-
stu Jesu, ophuma phakathi
kwenu, uyakhonza kini. Uhlale
ezikhandla ngenxa yenu emi-
thandazweni yakhe, ukuze eku-
gcineni nime niphelele futhi ni-
qiniseka ngayo yonke intando
kaNkulunkulu. **13** Ngiyamfa-
kazela ukuthi wenza umzamo
omkhulu ngenxa yenu nalabo
abaseLawodikeya nabaseHiye-
rapholi.

**14** Uyakhonza kini uLuka[f]
udokotela othandekayo, noDe-
ma[g] ngokufanayo. **15** Ningi-
khonzele kubazalwane eLawo-
dikeya nakuNimfa nasebandle-
ni elisendlini yakhe.[h] **16** La-
pho le ncwadi isifundiwe kini,
hlelani ukuba ifundwe[i] na-
sebandleni labaseLawodikeya
nokuba nani nifunde leyo eve-
la eLawodikeya. **17** Tshela-
ni no-Arkiphu[j] nithi: "Yinake
inkonzo owayamukela eNkosi-
ni ukuze uyifeze."

**18** Nanku umkhonzo wami,
mina Pawulu, ngesandla sami
uqobo.[k] Qhubekani nikhumbu-
la ukuboshwa kwami.[l] Umusa
omkhulu ube nani.

---

**3:22-24** *Bheka iSithasiselo A5. **3:23** #Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama, "Umphefumulo." **4:5** *NgesiGreki, "nizithengela isikhathi."

**4:11** *Noma, "usizo oluqinisayo."

---

**ISAHL. 3**
a Luk 10:27; Rom 12:11
b Efe 6:8; 1Pe 1:3, 4
c Rom 2:6; Gal 6:7
d Rom 2:11; 1Pe 1:17

**ISAHL. 4**
e Efe 6:9
f Luk 18:1; Rom 12:12; Efe 6:18
g Kol 3:15; 1Th 5:18
h Rom 15:30
i Efe 6:19, 20; Flp 1:7
j Efe 5:15, 16
k Mat 5:13; Mar 9:50
l 1Pe 3:15
m Efe 6:21, 22

**Uhla 2**
a Flm 10
b IzE 19:29; IzE 20:4; IzE 27:2
c IzE 12:12; IzE 15:37; Flm 23, 24
d Rom 15:7
e Kol 1:7, 8
f Luk 1:3; IzE 1:1
g Flm 23, 24
h Rom 16:5; 1Ko 16:19
i 1Th 5:27
j Flm 1, 2
k 2Th 3:17
l Flp 1:7; Flm 9

EYOKUQALA KWABASE-

# THESALONIKA

UHLU LOKUPHAKATHI


1 Ukubingelela (1)
Ukubonga ngokholo lwabaseThesalonika (2-10)

2 Inkonzo kaPawulu eThesalonika (1-12)
AbaseThesalonika bamukela izwi likaNkulunkulu (13-16)
UPawulu ulangazelela ukubona abaseThesalonika (17-20)

3 UPawulu ulinde ngokubekezela e-Athene (1-5)
Umbiko kaThimothewu oduduzayo (6-10)
Ukuthandazela abaseThesalonika (11-13)

4 Isixwayiso ngokuziphatha kabi ngokocansi (1-8)
Thandanani kakhulu (9-12)
'Nakani izindaba zenu siqu' (11)
Labo abafe bemunye noKristu bayovuka kuqala (13-18)

5 Ukuza kosuku lukaJehova (1-5)
"Ukuthula nokulondeka!" (3)
Hlalani niphapheme, nihlale nisangulukile (6-11)
Ukunxusa (12-24)
Imikhonzo (25-28)


**1** UPawulu, uSilvanu*[a] no-
Thimothewu[b] kini bandla
labaseThesalonika elimunye
noNkulunkulu uBaba neNkosi
uJesu Kristu:
Kwangathi ningathola umu-
sa omkhulu# nokuthula.
**2** Ngaso sonke isikhathi si-
yambonga uNkulunkulu lapho
sikhuluma ngani nonke emi-
thandazweni yethu,[c] **3** ngoba
sihlale siwukhumbula umsebe-
nzi wenu eniwenza ngokholo,
ukushikashikeka kwenu ngo-
thando nokukhuthazela kwe-
nu ngenxa yethemba eninalo[d]
eNkosini yethu uJesu Kristu
phambi kukaNkulunkulu noBa-
ba wethu. **4** Ngoba, bazalwa-
ne abathandwa uNkulunkulu,
siyakwazi ukunikhetha kwa-
khe, **5** ngoba izindaba ezi-
nhle esizishumayelayo azifika-
nga kini ngenkulumo yodwa
kodwa futhi ngamandla na-
ngomoya ongcwele futhi nabo-
na indlela esasiqiniseka ngayo
ukuthi lokhu esakumemezela
kini kwakuyiqiniso, njengoba
nje nazi ukuthi saba luhlobo
luni lwabantu phakathi kwenu
ngenxa yenu. **6** Naba ngaba-
lingisi bethu[a] nabeNkosi,[b] nje-
ngoba namukela izwi ngapha-
nsi kosizi olukhulu[c] ngenja-
bulo evezwa umoya ongcwe-
le, **7** ngakho naba yisibonelo
kuwo wonke amakholwa ase-
Makedoniya nase-Akhaya.
**8** Iqiniso liwukuthi, aku-
khona nje kuphela ukuthi izwi
likaJehova* elivela kini liye la-
zwakala eMakedoniya nase-
Akhaya, kodwa ukholo lwe-
nu kuNkulunkulu luye lwa-
sakazeka kabanzi ezindawe-
ni zonke,[d] kangangokuthi aku-
dingeki sisho lutho. **9** Ngoba
bona ngokwabo bayaqhubeka
bebika ngokuxhumana kwethu
nani okokuqala nendlela ena-
phendukela ngayo kuNkulu-
nkulu nishiya izithixo zenu[e]

ISAHL. 1
a IzE 15:22; 1Pe 5:12
b IzE 16:1, 2
c 2Th 1:11, 12
d 1Pe 1:3, 4

Uhla 2
a 1Ko 11:1; Flp 3:17; 2Th 3:9
b 1Pe 2:21
c 1Th 2:14
d 2Th 1:4
e 1Ko 10:14; 1Ko 12:2; Gal 4:8; 1Jo 5:21

**1:1** *Ubizwa nangokuthi uSila. #Noma, "umusa ongafanelwe."

**1:8** *Bheka iSithasiselo A5.

ukuze nibe yizinceku zika-
Nkulunkulu ophilayo noweqi-
niso, **10** futhi nilindele iNdo-
dana yakhe evela emazulwini,[a]
ayivusa kwabafile, okunguku-
thi, uJesu, osikhulula olakeni
oluzayo.[b]

**2** Ngokuqinisekile nina ngo-
kwenu niyazi, bazalwane,
ukuthi ukunivakashela kwethu
akuzange kungabi namiphu-
mela.[c] **2** Nakuba saqale sa-
hlupheka futhi seyiswa eFili-
pi,[d] njengoba nje nazi, sa-
qunga isibindi ngoNkulunkulu
wethu ukuze sinitshele izinda-
ba ezinhle zikaNkulunkulu[e]
naphezu kokuphikiswa* oku-
khulu. **3** Ngoba isikhuthazo
esisinikezayo asiveli embo-
nweni oyiphutha noma eku-
ngcoleni noma ngokukhohlisa,
**4** kodwa njengoba nje sigu-
nyazwe nguNkulunkulu ukuba
siphathe izindaba ezinhle, asi-
khulumi ukuze sijabulise aba-
ntu kodwa uNkulunkulu, ohlo-
la izinhliziyo zethu.[f]

**5** Eqinisweni, niyazi ukuthi
asikaze sisebenzise inkulumo
ethophayo, noma sibe abaze-
nzisayo ngezisusa zobugo-
vu;[g] uNkulunkulu ungufakazi!
**6** Futhi asikaze sifune uku-
khazinyuliswa ngabantu, noma
ngabe yinina noma abanye, na-
kuba sasingaba umthwalo oyi-
zindleko ezinkulu njengaba-
phostoli bakaKristu.[h] **7** Ku-
nalokho, saba mnene kini,
njengalapho umama oncelisa-
yo enakekela abantwana ba-
khe ngozwela.* **8** Njengoba
sasinithanda ngokujulile, sasi-
zimisele* ukungadluliseli kini
nje kuphela izindaba ezinhle
zikaNkulunkulu, kodwa nathi*
uqobo,[a] ngoba nathandeka ka-
khulu kithi.[b]

**9** Ngokuqinisekile niyawu-
khumbula bazalwane umshika-
shika nokukhandleka kwethu.
Sasisebenza ubusuku nemini,
ukuze singathwesi muntu kini
umthwalo oyizindleko ezinku-
lu,[c] lapho sishumayela izinda-
ba ezinhle zikaNkulunkulu kini.
**10** Ningofakazi, noNkulunkulu
ungufakazi, bendlela esaba nga-
yo abathembekile nabalungile
nabangasoleki kini nina makho-
lwa. **11** Nazi kahle ukuthi sa-
qhubeka sinikhuthaza, sinidu-
duza futhi sineluleka,*[d] nje-
ngoba nje kwenza ubaba[e] ku-
bantwana bakhe, **12** ukuze ni-
qhubeke nihamba ngokufane-
le uNkulunkulu[f] onibizela eMbu-
sweni[g] nasenkazimulweni ya-
khe.[h]

**13** Ngempela, yingakho fu-
thi simbonga singayeki uNku-
lunkulu,[i] ngoba ngesikha-
thi namukela izwi likaNku-
lunkulu, enalizwa ngathi, ani-
lamukelanga njengezwi laba-
ntu kodwa njengezwi lika-
Nkulunkulu, njengoba nje liyi-
lo ngempela, okuyilona elise-
benzayo futhi kini nina ma-
kholwa. **14** Ngoba, bazalwa-
ne, naba ngabalingisi bama-
bandla kaNkulunkulu aseJudi-
ya anobunye noKristu Jesu,
ngenxa yokuthi nahlupheka
ezandleni zabantu bezwe la-
kini[j] ngezinto ezifanayo nale-
zo nawo ahlupheka ngazo eza-
ndleni zamaJuda, **15** lawo
abulala ngisho neNkosi uJe-
su[k] nabaprofethi futhi asishu-
shisa nathi.[l] Ngaphezu kwa-
lokho, awamjabulisi uNkulu-
nkulu, kodwa alwisana ne-
zinto ezizuzisa bonke abantu,

**2:2** *Noma kungaba, "phakathi nokushi-kashikeka." **2:7** *Noma, "ephatha abantwana bakhe ngesisa." **2:8** *NgesiGreki, "sakujabulela kakhulu."

**2:8** *Noma, "nemiphefumulo yethu." **2:11** *Noma, "sifakaza kini."

ISAHL. 1
a IzE 1:10, 11 Tit 2:13
b 1Th 5:2 2Pe 3:12

ISAHL. 2
c IzE 17:1, 4
d IzE 16:12 IzE 16:22-24
e IzE 17:1, 2
f IzA 17:3 Jer 11:20
g IzE 20:33
h 2Ko 11:9 2Th 3:8, 10

Uhla 2
a Joh 15:13
b Joh 13:35
c IzE 18:3 IzE 20:34 2Ko 11:9 2Th 3:8, 10
d IzE 20:31
e 1Ko 4:15
f Efe 4:1 Kol 1:10 1Pe 1:15
g Luk 22:28-30
h 1Pe 5:10
i 1Th 1:2, 3
j IzE 17:5
k IzE 2:22, 23 IzE 7:52
l Mat 23:34

**16** njengoba ezama ukusivi-
mba ukuba sikhulume naba-
ntu bezizwe ukuze basindi-
swe.[a] Ngale ndlela ahlale ene-
zela ezonweni zawo. Kodwa
ulaka lwakhe seluze lwafika
phezu kwawo.[b]

**17** Kodwa ngesikhathi si-
hlukanisiwe nani* okwesikha-
shana, bazalwane, (ngesiqu
hhayi ezinhliziyweni zethu),
ngenxa yokuthi sasinesifiso
esikhulu, senza yonke imiza-
mo yokunibona ubuso no-
buso. **18** Ngenxa yalesi siza-
thu sasifuna ukuza kini, yebo,
mina Pawulu, sazama hha-
yi kanye kodwa kabili; kodwa
uSathane wayivimba indlela
yethu. **19** Ngoba liyini ithe-
mba lethu noma injabulo noma
umqhele wokuthokoza phambi
kweNkosi yethu uJesu ekube-
ni khona kwayo? Eqinisweni
akunina yini?[c] **20** Impela ni-
yinkazimulo nenjabulo ye-
thu.

**3** Ngakho, lapho singasakwa-
zi ukulinda ukuzwa umbi-
ko ngani, sabona kukuhle
ukuba sisale sodwa e-Athene;[d]
**2** futhi sathumela uThimothe-
wu,[e] umfowethu nesikhonzi si-
kaNkulunkulu* sezindaba ezi-
nhle ezimayelana noKristu,
ukuze aniqinise futhi ani-
duduze ngenxa yokholo lwe-
nu, **3** ukuze kungabikho mu-
ntu onyakaziswa yilezi zinsizi.
Ngoba nani niyazi ukuthi asi-
nakukugwema ukubhekana ne-
zinto ezinjalo.*[f] **4** Lapho si-
senani, sasivame ukunitshela
kusengaphambili ukuthi sizo-
bhekana nosizi futhi yilo-
kho okwenzekile njengoba nje
nazi.[g] **5** Yingakho lapho ngi-
ngasakwazi ukulinda, ngathu-
mela ukuze ngazi ngokuthe-
mbeka kwenu,[a] njengoba kwa-
kungenzeka ukuthi ngandle-
la-thile uMlingi[b] wayenilingi-
le, nomshikashika wethu waba
yize.

**6** Kodwa uThimothewu usa-
nda kufika kithi evela kini[c] fu-
thi usibikele izindaba ezinhle
ngokuthembeka kwenu notha-
ndo lwenu, ukuthi niyaqhu-
beka nisikhumbula ngenja-
bulo, nokuthi nilangazelela
ukusibona ngendlela nathi esi-
langazelela ngayo ukunibona.
**7** Yingakho, bazalwane, ku-
kho konke ukukhathazeka*
kwethu nosizi, siye sadudu-
zeka ngani nangokuthembeka
enikubonisayo.[d] **8** Ngoba si-
yavuseleleka* uma nina nima
niqinile eNkosini. **9** Singabo-
nisa kanjani nje ukuthi si-
yambonga uNkulunkulu nga-
ni ngenjabulo enkulu esinayo
phambi kukaNkulunkulu we-
thu ngenxa yenu? **10** Ubusu-
ku nemini senza umzamo wo-
kunxusa ngobuqotho ukuba si-
nibone ubuso nobuso* futhi
siphelelise izinto ezintulekayo
okholweni lwenu.[e]

**11** Manje kwangathi uNku-
lunkulu uBaba wethu ngokwa-
khe neNkosi yethu uJesu ba-
ngasenzela indlela yokuba size
kini. **12** Ngaphezu kwalokho,
kwangathi iNkosi ingabange-
la ukuba nande, yebo, ine-
nze nichichime uthando lomu-
nye ngomunye[f] nangabo bo-
nke, njengoba nje nathi senza
kini, **13** ukuze iqinise izinhli-
ziyo zenu, inenze ningasoleki
futhi nibe ngcwele phambi ku-
kaNkulunkulu[g] uBaba wethu,
ekubeni khona kweNkosi ye-

ISAHL. 2
*a* Luk 11:52; IzE 13:49, 50
*b* Rom 1:18
*c* 1Th 5:23; 2Th 1:4

ISAHL. 3
*d* IzE 17:15
*e* IzE 16:1, 2; Rom 16:21; 1Ko 16:10
*f* IzE 14:22; 1Ko 4:9; 1Pe 2:21
*g* 1Th 2:14

Uhla 2
*a* 1Th 3:2
*b* Mat 4:3; 2Ko 11:3
*c* IzE 18:5
*d* 2Th 1:4
*e* 2Th 1:3
*f* 1Th 4:9; 2Th 1:3
*g* 1Ko 1:8

**2:17** *Noma, “silahlekelwe yini.” **3:2** *Noma kungaba, “nesisebenzi esikanye noNkulunkulu.” **3:3** *Noma, “ukuthi simiselwe yona kanye le nto.”

**3:7** *NgesiGreki, “ukuswela.” **3:8** *NgesiGreki, “siyaphila.” **3:10** *NgesiGreki, “sibone ubuso benu.”

thu uJesu[a] nabo bonke abangcwele bayo.

**4** Ekugcineni, bazalwane, njengoba nje namukela umyalo ovela kithi mayelana nendlela okufanele nihambe ngayo ukuze nijabulise uNkulunkulu,[b] njengoba nje eqinisweni nihamba, siyanicela futhi siyanikhuthaza ngeNkosi uJesu ukuba niqhubeke nikwenza ngokugcwele. **2** Ngoba niyayazi imiyalo* esaninika yona evela eNkosini uJesu.

**3** Ngoba yilokhu uNkulunkulu akuthandayo, ukuba nibe ngcwele[c] nokuba nidede ekuziphatheni kabi ngokocansi.*[d] **4** Ngamunye wenu kufanele azi ukuthi angawulawula kanjani umzimba* wakhe siqu[e] ukuze awugcine ungcwele[f] futhi unodumo, **5** kungabi ngokushisa kwenkanuko yokuya ocansini engalawuleki[g] enjengaleyo izizwe ezingamazi uNkulunkulu ezinayo.[h] **6** Akukho muntu okufanele adlulele ngale kwemingcele yokuziphatha futhi alimaze umfowabo kule ndaba, ngoba uJehova* ukhipha isijeziso ngenxa yazo zonke lezi zinto, njengoba nje sanitshela esikhathini esidlule futhi sanixwayisa ngokuqinile. **7** Ngoba uNkulunkulu wasibizela ubungcwele[i] hhayi ukungcola. **8** Ngakhoke, umuntu ongakunaki lokhu, akabonisi ukunganaki umuntu, kodwa uNkulunkulu,[j] osinika umoya wakhe ongcwele.[k]

**9** Nokho, mayelana nothando lobuzalwane,[l] anidingi ukuba sinibhalele ngoba nina ngokwenu nifundiswa uNkulunkulu ukuba nithandane.[m] **10** Eqinisweni, lokhu niyakwenza kubo bonke abazalwane kulo lonke elaseMakedoniya. Kodwa siyaninxusa, bazalwane, ukuba niqhubeke nikwenza ngisho nakakhulu. **11** Kwenzeni umgomo wenu ukuphila ngokuthula[a] nokunaka izindaba zenu siqu[b] futhi nisebenze ngezandla zenu,[c] njengoba nje saniyala, **12** ukuze nihambe ngokufanele phambi kwabantu bangaphandle[d] futhi ningasweli lutho.

**13** Ngaphezu kwalokho, bazalwane, asifuni ukuba nibe abangenalwazi ngalabo abalele ekufeni,[e] ukuze ningadabuki njengabo bonke abanye abangenalo ithemba.[f] **14** Ngoba uma sinokholo lokuthi uJesu wafa wabuye wavuka,[g] kanjalo futhi uNkulunkulu uyobanika ukuphila kanye noJesu labo asebalala ekufeni ukuze babe naye.[h] **15** Ngoba nakhu esinitshela khona ngezwi likaJehova,* ukuthi labo phakathi kwethu abayobe besaphila phakathi nokuba khona kweNkosi ngeke nangayiphi indlela babandulele labo asebalala ekufeni; **16** ngoba iNkosi ngokwayo iyokwehla ezulwini ngezwi elinegunya, ngezwi lengelosi enkulu[i] nangecilongo likaNkulunkulu, futhi labo abafe bemunye noKristu bayovuka kuqala.[j] **17** Ngemva kwalokho thina esiphilayo esisekhona siyothathwa kanye nabo ngamafu[k] ukuze sihlangabeze iNkosi[l] emoyeni; kanjalo siyoba neNkosi ngaso sonke isikhathi.[m] **18** Ngakho, qhubekani niduduzana ngala mazwi.

**5** Manje ngokuqondene nezikhathi nezinkathi, bazalwane, anidingi kubhalelwa lutho ngakho. **2** Ngoba nina ngokwenu nazi kahle ukuthi

---

**4:2** *Noma, "iziqondiso." **4:3** *NgesiGreki, i-*por·nei′a*. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **4:4** *NgesiGreki, "isitsha." **4:6, 15** *Bheka iSithasiselo A5.

ISAHL. 3
a 1Th 2:19; 1Th 5:23; 2Th 2:1, 2

ISAHL. 4
b Kol 1:10; 1Pe 2:12
c Joh 17:19; Efe 5:25-27; 2Th 2:13; 1Pe 1:15, 16
d Efe 5:3
e Kol 3:5; 2Ti 2:22
f Rom 6:19
g 1Ko 6:18; Efe 5:5
h Hu 79:6; Efe 4:17, 19; 1Pe 4:3
i Heb 12:14; 1Pe 1:15, 16
j 1Ko 6:18, 19
k 1Jo 3:24
l Rom 12:10
m Joh 13:34, 35; 1Pe 1:22; 1Jo 4:21

Uhla 2
a 2Th 3:11, 12
b 1Pe 4:15
c 1Ko 4:11, 12; Efe 4:28; 2Th 3:10; 1Ti 5:8
d Rom 12:17
e Joh 11:11; IzE 7:59, 60; 1Ko 15:6
f 1Ko 15:32
g Rom 14:9; 1Ko 15:3, 4
h 1Ko 15:22, 23; Flp 3:20, 21; 2Th 2:1; IsA 20:4
i Jud 9
j 1Ko 15:51, 52
k IzE 1:9
l 2Th 2:1
m Joh 14:3; Joh 17:24; 2Ko 5:8; Flp 1:23; IsA 20:6

usuku lukaJehova*[a] luza ngo-
kufana ncamashi nesela ebusu-
ku.[b] **3** Noma nini lapho bethi,
“Ukuthula nokulondeka!” kho-
na-ke imbubhiso engazelelwe
iyobafikela ngaso leso sikha-
thi,[c] njengemihelo efikela owesi-
fazane okhulelwe futhi abasoze
baphunyuka nangayiphi indlela.
**4** Kodwa nina, bazalwane, ani-
kho ebumnyameni, ukuba lolo
suku lunifice ngendlela uku-
khanya kosuku obekungafica
ngayo amasela, **5** ngoba no-
nke ningamadodana okukha-
nya namadodana emini.[d] Asi-
bona abantu bobusuku noma
bobumnyama.[e]

**6** Ngakho-ke, masingalali
njengoba kwenza bonke aba-
nye,[f] kodwa masihlale sipha-
pheme[g] futhi sihlale sisangulu-
kile.[h] **7** Ngoba abalalayo ba-
lala ebusuku, nabadakwayo
badakwa ebusuku.[i] **8** Kodwa
thina esingabemini, masihlale
sisangulukile futhi sigqoke isi-
vikelo sesifuba sokholo notha-
ndo, sifake nethemba lensindi-
so njengesigqoko sokuzivike-
la[j] **9** ngoba uNkulunkulu aka-
sabelanga ulaka, kodwa wasa-
bela ukuba sizuze insindiso[k]
ngeNkosi yethu uJesu Kristu.
**10** Yasifela,[l] ukuze noma nga-
be sihleli siphapheme noma si-
lele,* siphile kanye nayo.[m]
**11** Ngakho-ke, qhubekani ni-
khuthazana* futhi nakhana,[n]
njengoba nje eqinisweni ne-
nza.

**12** Manje siyanicela, baza-
lwane, ukuba nibahloniphe
labo abasebenza kanzima pha-
kathi kwenu nabanengame-
le eNkosini futhi abaniyalayo;
**13** nokuba ngothando nibaca-
bangele kakhulu ngenxa yo-
msebenzi wabo.[a] Yibani no-
kuthula omunye nomunye.[b]
**14** Ngakolunye uhlangothi, si-
yaninxusa, bazalwane, ukuba
nibaxwayise* abangahleleki-
le,[c] nibaduduze abacindezele-
kile,# nisekele ababuthakatha-
ka ngokomoya, nibabekezele-
le bonke.[d] **15** Qaphelani uku-
ba kungabikho muntu ophindi-
sela ukulinyazwa ngokulimaza
kunoma ubani,[e] kodwa ngaso
sonke isikhathi nenzelane oku-
hle nabo bonke abanye.[f]

**16** Jabulani ngaso sonke isi-
khathi.[g] **17** Thandazani njalo.[h]
**18** Bongani ngakho konke.[i] Lo-
khu kuyintando kaNkulunku-
lu ngani kuKristu Jesu. **19** Ni-
ngawucimi umlilo womoya.[j]
**20** Ningazideleli iziprofetho.[k]
**21** Qinisekani ngazo zonke izi-
nto;[l] bambelelani niqinise koku-
hle. **22** Dedani kuzo zonke izi-
nhlobo zobubi.[m]

**23** Kwangathi uNkulunku-
lu wokuthula anganingcwelisa
ngokuphelele. Futhi kwanga-
thi umoya nomphefumulo* no-
mzimba wenu bazalwane, oku-
philile kuzo zonke izici, ku-
ngagcinwa kungasoleki ekube-
ni khona kweNkosi yethu uJe-
su Kristu.[n] **24** Lowo onibiza-
yo uthembekile, futhi nakanja-
ni uyokwenza kanjalo.

**25** Bazalwane, qhubekani ni-
sithandazela.[o]

**26** Khonzani kubo bonke
abazalwane ngokubaqabula.

**27** Nginibeka ngaphansi
kwesibopho ngeNkosi ukuba
le ncwadi ifundelwe bonke
abazalwane.[p]

**28** Umusa omkhulu weNkosi
yethu uJesu Kristu ube nani.

---

**5:2** *Bheka iSithasiselo A5. **5:10** *Noma, “sifile.” **5:11** *Noma, “nidudu-zana.”

**5:14** *Noma, “nibayale.” #Noma, “abadikibele.” **5:23** *Noma, “nokuphila.” Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

---

**ISAHL. 5**
a Zef 1:14
b Mat 24:36; 2Pe 3:10
c Hu 37:10; Jer 8:11
d Joh 12:36; Rom 13:12; Efe 5:8
e Joh 8:12; Kol 1:13; 1Pe 2:9
f Rom 13:11
g Mat 24:42
h 1Pe 5:8
i Rom 13:13
j Efe 6:14-17
k 2Th 2:13
l Rom 5:8
m 1Th 4:16, 17
n Rom 1:11, 12; Rom 15:2

**Uhla 2**
a Flp 2:29, 30; 1Ti 5:17; Heb 13:7
b Mar 9:50; 2Ko 13:11
c Lev 19:17; 2Ti 4:2
d 1Ko 13:4; Gal 5:22; Efe 4:1, 2; Kol 3:13
e Mat 5:39
f Rom 12:17, 19
g 2Ko 6:4, 10; Flp 4:4
h Luk 18:1; Rom 12:12
i Efe 5:20; Kol 3:17
j Efe 4:30
k 1Ko 14:1
l 1Jo 4:1
m Job 2:3
n 1Ko 1:8
o Rom 15:30
p Kol 4:16

EYESIBILI KWABASE-
# THESALONIKA

UHLU LOKUPHAKATHI


1 Ukubingelela (1, 2)
Ukholo lwabaseThesalonika luyakhula (3-5)
Ukuphindisela kulabo abangalaleli (6-10)
Ukuthandazela ibandla (11, 12)

2 Umuntu ongenamthetho (1-12)
Isikhuthazo sokuba bame beqinile (13-17)

3 Qhubekani nithandaza (1-5)
Isixwayiso ngokuziphatha okungahlelekile (6-15)
Imikhonzo (16-18)


1 UPawulu, uSilvanu* noThi-
mothewu[a] kini bandla laba-
seThesalonika elinobunye no-
Nkulunkulu uBaba wethu ne-
Nkosi uJesu Kristu:
**2** Kwangathi ningathola
umusa omkhulu* nokuthula
okuvela kuNkulunkulu uBa-
ba naseNkosini uJesu Kri-
stu.
**3** Sibophekile ukuba simbo-
nge njalo uNkulunkulu ngenxa
yenu, bazalwane. Lokhu kufa-
nele, ngoba ukholo lwenu lu-
khula ngokudlulele, nothando
enithandana ngalo nonke lu-
yanda.[b] **4** Ngenxa yalokho,
nathi ngokwethu siyaziqhe-
nya ngani[c] phakathi kwamaba-
ndla kaNkulunkulu ngenxa yo-
kukhuthazela nokholo lwenu
kukho konke ukushushiswa
kwenu nobunzima* enibheke-
ne nabo.#[d] **5** Lokhu kuwubu-
fakazi bokuthi uNkulunkulu
wahlulela ngokulunga, okuho-
lela ekutheni nibalwe nje-
ngabafanelwe ukungena eMbu-
sweni kaNkulunkulu, okuyiwo-
na empeleni enihlupheka nge-
nxa yawo.[a]
**6** Empeleni kuwukulunga
ngoNkulunkulu ukuba abuyise-
le usizi kulabo abanibangela
usizi.[b] **7** Kodwa nina enibhe-
kene nosizi, nizonikezwa impu-
muzo kanye nathi lapho kwa-
mbulwa iNkosi uJesu[c] isezulwi-
ni kanye nezingelosi zayo ezi-
namandla[d] **8** emlilweni ovu-
tha amalangabi, njengoba
iphindisela kulabo abangamazi
uNkulunkulu nakulabo abanga-
zilaleli izindaba ezinhle ezima-
yelana neNkosi yethu uJe-
su.[e] **9** Bona kanye laba bayo-
thola isijeziso sokwahlulelwa
esiwukubhujiswa[f] okuphakade
basuke phambi kweNkosi na-
senkazimulweni yamandla ayo,
**10** lapho ifika izokhazinyuli-
swa ngokuqondene nabangcwe-
le bayo nokuba ibhekwe ngo-
kumangala ngalolo suku phaka-
thi kwabo bonke labo ababoni-
sa ukholo, ngenxa yokuthi ubu-
fakazi esabunikeza nabukhole-
lwa.

**1:1** *Ubizwa nangokuthi uSila. **1:2** *Noma, "umusa ongafanelwe." **1:4** *Noma, "nezinsizi." #Noma, "enibukhuthazelelayo."

ISAHL. 1
a 2Ko 1:19
b 1Th 3:12; 1Th 4:9, 10
c 1Th 2:19
d 1Th 1:6; 1Th 2:14; 1Pe 2:21

Uhla 2
a IzE 14:22; Rom 8:17; 2Ti 2:12
b Rom 12:19; IsA 6:9, 10
c Luk 17:29, 30; 1Pe 1:7
d Mar 8:38
e Rom 2:8
f 2Pe 3:7

**11** Ngenxa yalokhu, siyani-
khulekela ngaso sonke isikha-
thi ukuba uNkulunkulu wethu
anibale njengabafanele ukubi-
zwa nguye[a] nokuba ngamandla
akhe enze konke okuhle aku-
thandayo nayo yonke imisebe-
nzi yokholo. **12** Lokhu kuyo-
kwenzeka ukuze igama leNko-
si yethu uJesu likhazinyuli-
swe kini, nani nikhazinyuliswe
ebunyeni nayo, ngokuvumelana
nomusa omkhulu kaNkulunku-
lu wethu noweNkosi uJesu Kri-
stu.

**2** Nokho, bazalwane, ngo-
kuqondene nokuba khona
kweNkosi yethu uJesu Kristu[b]
nokubuthelwa kwethu ndawo-
nye kuyo,[c] siyanicela **2** uku-
ba ninganyakaziswa kalula
ekuqondeni kwenu noma ne-
thuswe inkulumo ephefumule-
lwe*[d] noma umyalezo oshiwo
ngomlomo noma incwadi oku-
ngathi ivela kithi, ethi usuku
lukaJehova#[e] selufikile.
**3** Maningadukiswa* muntu
nganoma iyiphi indlela, ngo-
ba ngeke lufike kungakafiki
kuqala ukuhlubuka[f] futhi kwa-
mbulwe umuntu ongenamthe-
tho,[g] indodana yokubhujiswa.[h]
**4** Uyaphikisa futhi uziphaka-
misa ngaphezu kwakho ko-
nke okubizwa ngokuthi unku-
lunkulu noma into ekhule-
kelwayo,* kangangokuthi uhla-
la ethempelini likaNkulunku-
lu, ezibonakalisa phambi kwa-
bo bonke sengathi ungunku-
lunkulu. **5** Anikhumbuli yini
ukuthi ngesikhathi ngisenani,
ngangivamile ukunitshela lezi
zinto?

**2:2** *Noma, "umoya." Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama, "Umoya." **2:2, 13** #Bheka iSithasiselo A5. **2:3** *Noma, "Maningayengwa." **2:4** *Noma, "ehlonishwayo."

**6** Manje seniyakwazi lokho
okusebenza njengento evimbe-
layo, ukuze ambulwe nge-
sikhathi esifanele. **7** Yiqini-
so, lokhu kungabi namthe-
tho okuyimfihlakalo sekuyase-
benza,[a] kodwa kuphela kuze
kube yilapho lowo njengama-
nje osebenza njengokuvimbe-
layo esengasekho endleleni.
**8** Khona-ke, ngempela onge-
namthetho uyokwambulwa,
lowo iNkosi uJesu eyomqeda
ngomoya womlomo wayo[b] fu-
thi imenze ize ngokubonakali-
swa[c] kokuba khona kwayo.
**9** Kodwa ukuba khona konge-
namthetho kungenxa yokuse-
benza kukaSathane[d] ngayo yo-
nke imisebenzi yamandla ne-
zibonakaliso zamanga nezi-
mangaliso*[e] **10** nangayo yo-
nke inkohliso engalungile.[f] Ko-
nke lokhu kuyoqondiswa ku-
labo ababhubhayo, njengesije-
ziso ngoba abalamukelanga
iqiniso futhi balithande uku-
ze basindiswe. **11** Yingakho
uNkulunkulu evumela ithonya
elikhohlisayo ukuba libaduki-
se ukuze bakholwe amanga,[g]
**12** ukuze bonke bahlulelwe
ngenxa yokuthi abazange bali-
kholwe iqiniso kodwa bajabu-
lela ukungalungi.
**13** Nokho, thina sibophekile
ukubonga uNkulunkulu ngaso
sonke isikhathi ngenxa yenu,
bazalwane abathandwa uJeho-
va,# ngoba kusukela ekuqa-
leni uNkulunkulu wanikhethe-
la[h] ukuba nisindiswe ngokuni-
ngcwelisa[i] ngomoya nangokho-
lo lwenu eqiniswени. **14** Wa-
nibizela kukho lokhu ngezi-
ndaba ezinhle esizimemezela-
yo, ukuze nithole inkazimulo
yeNkosi yethu uJesu Kristu.[j]
**15** Ngakho-ke, bazalwane, yi-

**2:9** *Noma, "nezimpawu."

ISAHL. 1
*a* Rom 8:30

ISAHL. 2
*b* Mat 24:3
*c* 1Th 4:17
*d* 1Jo 4:1
*e* Zef 1:14; 2Pe 3:10
*f* 1Ti 4:1; 2Ti 2:16-18; 2Ti 4:3; 2Pe 2:1; 1Jo 2:18, 19
*g* Mat 7:15; IzE 20:29, 30
*h* 2Pe 2:1, 3

Uhla 2
*a* IzE 20:29, 30; 1Ko 11:18, 19; 1Jo 2:18
*b* Isay 11:4; IsA 19:15
*c* 1Ti 6:13-15; 2Ti 4:1, 8
*d* 2Ko 11:3
*e* Mat 24:24
*f* Mat 24:11
*g* Mat 24:5; 1Ti 4:1; 2Ti 4:3, 4
*h* Joh 6:44; Rom 8:30
*i* Joh 17:17; 1Ko 6:11; 1Th 4:7
*j* 1Pe 5:10

mani niqine[a] futhi nihlale nibambelele ezimfundisweni enazifundiswa,[b] noma ngabe nazithola ngomyalezo womlomo noma ngencwadi evela kithi. **16** Ngaphezu kwalokho, kwangathi iNkosi yethu uJesu Kristu ngokwayo noNkulunkulu uBaba wethu, owasithanda[c] futhi wanikeza induduzo yaphakade nethemba elihle[d] ngomusa omkhulu, **17** bangaduduza izinhliziyo zenu futhi baniqinise ukuze nenze okuhle nikhulume namazwi amahle.

**3** Ekugcineni, bazalwane, qhubekani nisithandazela,[e] ukuba izwi likaJehova* liqhubeke lisakazeka ngokushesha[f] futhi likhazinyuliswa njengoba nje nilikhazimulisa, **2** nokuba sikhululwe kubantu abalimazayo nababi,[g] ngoba ukholo alulona olwabo bonke abantu.[h] **3** Kodwa iNkosi ithembekile, iyoniqinisa futhi inivikele komubi. **4** Ngaphezu kwalokho, njengabalandeli beNkosi siyaqiniseka ukuthi niyazenza futhi niyoqhubeka nizenza izinto esiniyala ngazo. **5** Kwangathi iNkosi ingaqhubeka iziqondisa ngempumelelo izinhliziyo zenu othandweni lukaNkulunkulu[i] nasekukhuthazeleni[j] ngenxa kaKristu.

**6** Manje siyaniyala, bazalwane, egameni leNkosi yethu uJesu Kristu, ukuba niqhele kulowo nalowo mzalwane ohamba ngokungahlelekile[k] futhi engahambi ngokwesiko* enalamukela# kithi.[l] **7** Ngoba nina ngokwenu niyayazi indlela okufanele nisilingise ngayo,[m] ngoba asiziphathanga ngokungahlelekile phakathi kwenu **8** futhi asidlanga kudla kwamuntu mahhala.*[a] Kunalokho, sasisebenza ubusuku nemini ngokushikashikeka nokukhandleka ukuze singathwesi muntu kini umthwalo oyizindleko ezinkulu.[b] **9** Akukhona ukuthi asinalo igunya,[c] kodwa sasifuna ukuzinikela kini njengesibonelo sokuba nisilingise.[d] **10** Eqinisweni, ngesikhathi sinani, sasivame ukuniyala kanje: “Uma umuntu engafuni ukusebenza, makangadli futhi.”[e] **11** Ngoba siyezwa ukuthi abathile bahamba ngokungahlelekile phakathi kwenu,[f] bengasebenzi nhlobo kodwa bezigaxa kokungabathinti.[g] **12** Abantu abanjalo siyabayala futhi siyabakhuthaza eNkosini uJesu Kristu ukuba basebenze bethule futhi badle ukudla abazizuzela kona.[h]

**13** Nina, bazalwane, ningayeki ukwenza okufanele. **14** Kodwa uma noma ubani engalilaleli izwi lethu eliza ngale ncwadi, mgcineni ephawuliwe lowo, niyeke ukuzihlanganisa naye,[i] ukuze abe namahloni. **15** Nokho ningambheki njengesitha, kodwa niqhubeke nimyala[j] njengomfowenu.

**16** Kwangathi iNkosi yokuthula uqobo inganinika ukuthula ngazo zonke izindlela.[k] INkosi mayibe nani nonke.

**17** Nanku umkhonzo wami, mina Pawulu, ngesandla sami siqu,[l] okuwuphawu kuzo zonke izincwadi; yile ndlela engibhala ngayo.

**18** Umusa omkhulu weNkosi yethu uJesu Kristu ube nani nonke.

---

**3:1** *Bheka iSithasiselo A5. **3:6** *Noma, “ngesiyalo.” #Noma kungaba, “abalamukela.”

**3:8** *Noma, “ngaphandle kokukhokha.”

---

**ISAHL. 2**
a 1Ko 15:58; 1Ko 16:13
b 1Ko 11:2
c 1Jo 4:10
d 1Pe 1:3, 4

**ISAHL. 3**
e Rom 15:30; 1Th 5:25; Heb 13:18
f IzE 19:20; 1Th 1:8
g Isay 25:4
h IzE 28:24; Rom 10:16
i 1Jo 5:3
j Luk 21:19; Rom 5:3
k 1Th 5:14
l 1Ko 11:2; 2Th 2:15; 2Th 3:14
m 1Ko 4:16; 1Th 1:6

**Uhla 2**
a IzE 20:34
b IzE 18:3; 1Ko 9:14, 15; 2Ko 11:9; 1Th 2:9
c Mat 10:9, 10; 1Ko 9:6, 7
d 1Ko 11:1; Flp 3:17
e 1Th 4:11, 12; 1Ti 5:8
f 1Th 5:14
g 1Ti 5:13; 1Pe 4:15
h Efe 4:28
i 2Th 3:6
j 1Th 5:14
k Joh 14:27
l 1Ko 16:21; Kol 4:18

EYOKUQALA KU-

# THIMOTHEWU


UHLU LOKUPHAKATHI

1 Ukubingelela (1, 2)
Isixwayiso ngabafundisi bamanga (3-11)
UPawulu uboniswa umusa omkhulu (12-16)
INkosi engunaphakade (17)
'Yilwa impi enhle' (18-20)

2 Ukuthandazela zonke izinhlobo zabantu (1-7)
UNkulunkulu oyedwa, umlamuleli oyedwa (5)
Isihlengo esihambelanayo sabo bonke (6)
Iziqondiso eziya emadodeni nakwabesifazane (8-15)
Gqokani ngesizotha (9, 10)

3 Izimfuneko zababonisi (1-7)
Izimfuneko zezinceku ezikhonzayo (8-13)
Imfihlo engcwele yokuzinikela kuNkulunkulu (14-16)

4 Isixwayiso ngabafundisi bamanga (1-5)
Indlela yokuba yisikhonzi esihle sikaKristu (6-10)
Ukuqeqesha umzimba nokuzinikela kuNkulunkulu (8)
Naka lokho okufundisayo (11-16)

5 Indlela yokuphatha abasebasha nabadala (1, 2)
Ukusekelwa kwabafelokazi (3-16)
Ukondla umndeni (8)
Ukudumisa abadala abasebenza kanzima (17-25)
"Iwayini elincane ngenxa yesisu sakho" (23)

6 Izigqila kumele zihloniphe abanikazi bazo (1, 2)
Abafundisi bamanga nothando lwemali (3-10)
Iziqondiso eziya kumuntu kaNkulunkulu (11-16)
Cebani emisebenzini emihle (17-19)
Qapha okuphathisiwe (20, 21)


**1** UPawulu, umphostoli ka-
Kristu Jesu ngomyalo ka-
Nkulunkulu uMsindisi wethu
nokaKristu Jesu, ithemba le-
thu,[a] **2** kuThimothewu,*[b] um-
ntwana woqobo[c] okholweni:
Kwangathi ungathola umusa
omkhulu,# isihe nokuthula oku-
vela kuNkulunkulu uBaba we-
thu naseNkosini uJesu Kristu.
**3** Njengoba nje ngakukhu-
thaza ukuba uhlale e-Efesu la-
pho sengizohamba ngiye eMa-
kedoniya, ngiyakukhuthaza na-
manje, ukuze uyale abathi-
le ukuba bangafundisi imfu-
ndiso ehlukile, **4** noma bana-
ke izindaba ezingamanga[d] nezi-
nhlu zozalo. Izinto ezinjalo azi-
sizi ngalutho,[a] kodwa zibange-
la ukuqagela kunokuveza noma
yini evela kuNkulunkulu epha-
thelene nokholo. **5** Empeleni,
injongo yalo myalo* iwukuba
sibe nothando[b] oluvela enhlizi-
yweni ehlanzekile nakunembe-
za omuhle nasokholweni[c] olu-
ngenabuzenzisi. **6** Ngokupha-
mbuka kulezi zinto, abanye
baye bachezukiselwa enkulu-
mweni engathi shu.[d] **7** Bafu-
na ukuba ngabafundisi[e] bom-
thetho, kodwa abaziqondi izi-
nto abazishoyo noma izinto
abagomela ngazo.
**8** Siyazi ukuthi uMthetho
muhle uma umuntu ewuse-

1:2 *Incazelo: "Lowo Odumisa UNkulunkulu." #Noma, "umusa ongafanelwe."

1:5 *Noma, "yalesi siqondiso."

ISAHL. 1
a 1Pe 1:3, 4
b IzE 16:1, 2; Flp 2:19, 20
c 1Ko 4:17
d 1Ti 4:7; 2Ti 4:3, 4; Tit 1:13, 14

Uhla 2
a 1Ti 6:20; 2Ti 2:14
b Rom 13:8
c Gal 5:6
d 1Ti 6:20; 2Ti 2:16-18
e Jak 3:1

benzisa ngokufanele,* **9** eqa-
phela ukuthi umthetho awe-
nzelwanga umuntu olungile ko-
dwa abantu abangenamthetho[a]
nabangalawuleki, abangamhlo-
niphi uNkulunkulu nabayi-
zoni, abangathembekile* naba-
ngcolile, ababulala oyise noni-
na, nababulala abanye abantu,
**10** abaziphatha kabi ngokoca-
nsi,* amadoda alala namanye
amadoda,# abathumbi, abaqa-
mbimanga, abafunga amanga,
nanoma iyiphi enye into ephiki-
sana nemfundiso ephilayo△[b]
**11** ngokwezindaba ezinhle ezi-
khazimulayo zikaNkulunkulu
ojabulayo engaziphathiswa.[c]

**12** Ngiyambonga uKristu
Jesu iNkosi yethu, owangipha
amandla, ngoba wangibheka
njengothembekile ngokungabe-
la inkonzo,[d] **13** nakuba esikha-
thini esidlule ngangingumhla-
mbalazi nomshushisi nomuntu
oweyisayo.[e] Noma kunjalo, nga-
boniswa isihe ngoba ngangenza
ngokungazi nangenxa yokuntu-
la ukholo. **14** Kodwa umusa
omkhulu weNkosi yethu wachi-
chima kakhulu kimi kanye no-
kholo nothando olukuKristu
Jesu. **15** Le nkulumo ithembe-
kile futhi ifanelwe ukwamuke-
lwa ngokugcwele, ukuthi: uKri-
stu Jesu weza emhlabeni ezosi-
ndisa izoni.[f] Kuzo, ngingesipha-
mbili.[g] **16** Noma kunjalo, nga-
boniswa isihe ukuze ngami nje-
ngesibonelo esiphambili, uKri-
stu Jesu abonise konke uku-
bekezela kwakhe, engisebenzi-
sa njengesibonelo kulabo aba-
yoba nokholo kuye ukuze batho-
le ukuphila okuphakade.[h]

**17** Manje udumo nenkazi-
mulo makube seNkosini
engunaphakade,[a] engenakona-
kala,[b] engabonakali,[c] uNku-
lunkulu owukuphela kwakhe,[d]
kuze kube phakade naphakade.
Amen.

**18** Lo myalo* ngiwuphathisa
wena, mntanami Thimothewu,
ngokuvumelana neziprofetho
ezashiwo ngawe, ukuze ngazo
uqhubeke ulwa le mpi enhle,[e]
**19** unokholo nonembeza omu-
hle,[f] okuye kwalahlwa abanye
base bephukelwa umkhumbi
wokholo lwabo.* **20** UHime-
newu[g] no-Aleksandru bangaba-
nye babo, futhi ngibanikele
kuSathane[h] ukuze bafundiswe
ngesiyalo ukuba bangahlamba-
lazi.

**2** Okokuqala, ngikhuthaza
ukuba ukunxusa, imithanda-
zo, ukuncenga nokubonga, kwe-
nzelwe zonke izinhlobo za-
bantu, **2** kwenzelwe amakhosi
nabo bonke abasezikhundleni
eziphakeme,*[i] ukuze siqhubeke
siphila ngokuzola nangokuthu-
la ngokuzinikela kuNkulunku-
lu ngokuphelele nokungathathi
izinto kalula.[j] **3** Lokhu kuhle
futhi kuyamukeleka emehlwe-
ni oMsindisi wethu, uNkulunku-
lu,[k] **4** othanda ukuba zonke
izinhlobo zabantu zisindiswe[l]
futhi zithole ulwazi olunembi-
le lweqiniso. **5** Ngoba kukho-
na uNkulunkulu oyedwa,[m] no-
mlamuleli oyedwa[n] phakathi ku-
kaNkulunkulu nabantu,[o] uKri-
stu Jesu, umuntu[p] **6** owazini-
kela waba yisihlengo sabo bo-
nke*[q]—lokhu yilokho okuyofaka-
zwa ngakho ngesikhathi sako
esifanele. **7** Ngenjongo yalobu

---

**1:8** *NgesiGreki, "ngokusemthethweni." **1:9** *Noma, "abantula uthando oluqotho." **1:10** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama, "Ukuziphatha kabi ngokocansi." #Noma, "ongqingili; amadoda aya ocansini namanye amadoda." △Noma, "enempilo; ezuzisayo."

**1:18** *Noma, "Lesi siqondiso." **1:19** *Noma, "bephelelwa ukholo njengomkhumbi ocwilayo." **2:2** *Noma, "nazo zonke iziphathimandla." **2:6** *Noma, "sazo zonke izinhlobo zabantu."

---

ISAHL. 1
a Gal 3:19
b 2Ti 1:13; Tit 1:7, 9
c Gal 2:7, 8
d IzE 9:15; 2Ko 3:5, 6
e IzE 8:3; IzE 9:1, 2; Gal 1:13; Flp 3:5, 6
f Luk 5:32; 2Ko 5:19; 1Jo 2:1, 2
g IzE 9:1, 2; 1Ko 15:9
h Joh 6:40; Joh 20:31

Uhla 2
a Hu 10:16; Hu 90:2; Dan 6:26; IsA 15:3
b Rom 1:23
c Kol 1:15
d Isay 43:10; 1Ko 8:4
e 2Ti 2:3
f 1Ti 1:5
g 2Ti 2:16-18
h 1Ko 5:5, 11

ISAHL. 2
i Mat 5:44
j Jer 29:7
k Jud 25
l Isay 45:22; IzE 17:30; Rom 5:18; 1Ti 4:10
m Dut 6:4; Rom 3:30
n Heb 8:6; Heb 9:15
o 1Ko 11:25
p IzE 4:12; Rom 5:15; 2Ti 1:9, 10
q Mat 20:28; Mar 10:45; Kol 1:13, 14

bufakazi[a] ngamiswa ukuba ngibe umshumayeli nomphostoli[b]—ngikhuluma iqiniso, angiqambi amanga—umfundisi wezizwe[c] endabeni yokholo neqiniso.

**8** Ngakho, ngifisa ukuba ezindaweni zonke amadoda aqhubeke ethandaza, ephakamisa izandla zawo ezithembekile,[d] ngaphandle kolaka[e] nokuphikisana.[f] **9** Ngokufanayo, abesifazane kufanele bazihlobise ngezingubo ezifanelekayo,* ezinesizotha nezibonisa ukuhluzeka kwengqondo,# hhayi ngezitayela zokwaluka izinwele nangegolide noma ngamapharele noma ngezingubo ezibiza kakhulu,[g] **10** kodwa ngendlela efanele abesifazane abathi bazinikele kuNkulunkulu,[h] okungukuthi, ngemisebenzi emihle.

**11** Owesifazane makafunde ethule* ngokuzithoba okuphelele.[i] **12** Angimvumeli owesifazane ukuba afundise, noma ukuba abe negunya phezu kwendoda, kodwa kufanele athule.*[j] **13** Ngoba u-Adamu wabunjwa kuqala, kwase kuba u-Eva.[k] **14** Futhi u-Adamu akakhohliswanga, kodwa owesifazane wakhohliswa ngokuphelele[l] wayeseqa umthetho. **15** Nokho, uyogcinwa ephephile ngokuzala abantwana,[m] uma kodwa eqhubeka* okholweni nasothandweni nasebungcweleni kanye nokuhluzeka kwengqondo.#[n]

**3** La mazwi ayiqiniso: Uma umuntu ezama ukuba umbonisi,[o] ufisa umsebenzi omuhle. **2** Ngakho umbonisi kufanele angasoleki, kube yindoda enomfazi oyedwa, elinganiselayo, ehluzekile engqondweni,*[a] ehlelekile, ethanda abantu,[b] ekwaziyo ukufundisa,[c] **3** engesona isidakwa,[d] engenalo udlame,* kodwa ecabangelayo,[e] engathandi izimpikiswano,[f] engathandi imali,[g] **4** indoda ewuhola* kahle umndeni wayo, enabantwana abazithoba ngokungazenzisi[h] **5** (ngoba uma umuntu engakwazi ukuhola* umndeni wakhe, uyolinakekela kanjani ibandla likaNkulunkulu?), **6** kungabi umuntu osanda kuguquka,[i] ngoba angase aqhoshe bese ethola isahlulelo esikhishelwe uDeveli. **7** Ngaphezu kwalokho, kufanele abe nedumela elihle* nakubantu bangaphandle,[j] ukuze angaweli ehlazweni# nasesicuphweni sikaDeveli.

**8** Izinceku ezikhonzayo nazo kufanele zingathathi izinto kalula, zingabi ngamaphixiphixi,* zingaphuzi iwayini ngokweqile, zingafisi ukuthola inzuzo ngokungathembeki,[k] **9** ziphathe imfihlo engcwele yokholo ngonembeza omsulwa.[l]

**10** Ngaphezu kwalokho, kufanele zihlolwe kuqala ukuthi ziyafaneleka yini; khona-ke zingakhonza njengezikhonzi uma zingasoleki.[m]

**11** Abesifazane nabo akufanele bathathe izinto kalula, kufanele banganyundeli,[n] balinganisele, bathembeke ezintweni zonke.[o]

**12** Izinceku ezikhonzayo kufanele zibe amadoda amfazi munye, aqondisa kahle abantwana bawo nemindeni yawo.

ISAHL. 2
- *a* IzE 9:15
- *b* Gal 2:7, 8
- *c* Gal 1:15, 16
- *d* Hu 141:2
- *e* Jak 1:20
- *f* Flp 2:14
- *g* 1Pe 3:3, 4
- *h* IzA 31:30
- *i* Efe 5:24
- *j* 1Ko 14:34
- *k* Gen 2:18, 22; 1Ko 11:8
- *l* Gen 3:6, 13
- *m* 1Ti 5:14
- *n* 1Ti 2:9, 10

ISAHL. 3
- *o* IzE 20:28; Tit 1:5-9

Uhla 2
- *a* Rom 12:3; 1Pe 4:7
- *b* IzE 28:7; 1Pe 4:9
- *c* 1Ti 5:17; 2Ti 2:24; Tit 1:7, 9
- *d* Rom 13:13
- *e* Flp 4:5; Jak 3:17
- *f* Rom 12:18; Jak 3:18
- *g* Heb 13:5; 1Pe 5:2
- *h* Efe 6:4
- *i* 1Ti 5:22
- *j* IzE 22:12; 1Th 4:11, 12
- *k* IzE 6:3; Tit 1:7; 1Pe 5:2
- *l* 1Ti 1:5; 1Ti 1:18, 19; 2Ti 1:3; 1Pe 3:16
- *m* 1Pe 2:12
- *n* 1Ti 5:13
- *o* Tit 2:3-5

**2:9** *Noma, "ezihloniphekile." **2:9, 15** #Noma, "nokwahlulela okuhle." **2:11** *Noma, "ezolile." **2:12** *Noma, "ahlale ezolile; ahlale ethule." **2:15** *NgesiGreki, "beqhubeka."

**3:2** *Noma, "eyahlulela kahle; enokuqonda." **3:3** *Noma, "engashayi abanye." **3:4** *Noma, "ewuphatha." **3:5** *Noma, "ukuphatha." **3:7** *Noma, "bakhulume kahle ngaye." #Noma, "esihlambeni." **3:8** *Noma, "zingakhohlisi."

**13** Ngoba amadoda akhonza ka-
hle azitholela idumela elihle
nenkululeko yokukhuluma ngo-
kholo analo kuKristu Jesu.

**14** Ngikubhalela lezi zinto,
nakuba nginethemba loku-
za kuwe maduzane, **15** uku-
ze uma kwenzeka ngibambeze-
leka, wazi ukuthi kufanele uzi-
phathe kanjani endlini kaNku-
lunkulu,[a] eyibandla likaNkulu-
nkulu ophilayo elisekela ne-
livikela iqiniso. **16** Ngempe-
la, kuyavunywa ukuthi inkulu
imfihlo engcwele yalokhu ku-
zinikela kuNkulunkulu, ewu-
kuthi: ‘UJesu wabonakaliswa
enyameni,[b] kwathiwa ulungile
emoyeni,[c] wabonakala ezinge-
losini,[d] kwashunyayelwa nga-
ye phakathi kwezizwe,[e] izwe
lakholwa nguye,[f] wamukelwa
phezulu ngenkazimulo.’

**4** Nokho, izwi eliphefumule-
lwe* lisho ngokucacile uku-
thi ezikhathini ezizayo aba-
nye bayowa okholweni, bena-
ka amazwi aphefumulelwe adu-
kisayo#[g] nezimfundiso zama-
demoni, **2** ngobuzenzisi baba-
ntu abakhuluma amanga,[h] aba-
nonembeza abashile njengoku-
ngathi bashiswe ngensimbi yo-
kubeka uphawu. **3** Banqabe-
la abantu ukuba bashade,[i]
babayala ukuba bazile ukudla[j]
okwadalwa uNkulunkulu eku-
dalela ukuba kudliwe[k] ngo-
kubonga yilabo abanokholo[l]
nabalazi ngokunembile iqini-
so. **4** Ngoba yonke indalo ka-
Nkulunkulu yinhle,[m] futhi aku-
kho lutho okumele lwenqa-
tshwe[n] uma lwamukelwa ngo-
kubonga, **5** ngoba lungcweli-
swa ngezwi likaNkulunkulu na-
ngokuthandazelwa.

**6** Ngokunikeza abazalwane
lesi seluleko, uyoba yisikho-
nzi esihle sikaKristu Jesu, eso-
ndliwa ngamazwi okholo nawe-
mfundiso enhle oye wayila-
ndela eduze.[a] **7** Kodwa zenqa-
be izindaba ezingamanga nezi-
hlambalazayo,[b] ezinjengalezo
ezixoxwa izalukazi. Ngakolunye
uhlangothi, ziqeqeshe unomgo-
mo wokuzinikela kuNkulunkulu.
**8** Ngoba ukuqeqesha umzimba*
kuzuzisa kancane, kodwa uku-
zinikela kuNkulunkulu kuzuzi-
sa ezintweni zonke, kunesithe-
mbiso sokuphila kwamanje no-
kuphila okuzayo.[c] **9** Lawo ma-
zwi athembekile futhi afane-
lwe ukwamukelwa ngokugcwe-
le. **10** Yingakho sisebenza ka-
nzima futhi sizikhandla,[d] ngoba
ithemba lethu silibeke kuNku-
lunkulu ophilayo, onguMsindi-
si[e] wazo zonke izinhlobo zaba-
ntu,[f] ikakhulukazi walabo aba-
thembekile.

**11** Qhubeka unikeza le miya-
lo futhi ufundisa. **12** Ungalo-
kothi uvumele noma uba-
ni abukele phansi ubusha ba-
kho. Kunalokho, yiba isibone-
lo kwabathembekile ngokukhu-
luma, ngokuziphatha, ngotha-
ndo, ngokholo nangobumsu-
lwa.* **13** Qhubeka uzimisela
ekufundeleni iningi,[g] ekukhu-
thazeni,* ekufundiseni ngize
ngifike. **14** Ungasidebeseli isi-
phiwo esikuwe owasinikwa nge-
siprofetho ngesikhathi indiki-
mba yabadala ikubeka izandla.[h]
**15** Zindla* ngalezi zinto; ugxi-
le kuzo, ukuze intuthuko ya-
kho ibonakale ngokucacile kubo
bonke abantu. **16** Zinake nja-
lo wena nalokho okufundisayo.[i]
Qhubeka wenza lezi zinto, ngo-
ba ngokwenza lokhu uyozisindi-
sa wena nabakulalelayo.[j]

---

**4:1** *NgesiGreki, “umoya.” #NgesiGreki, “imimoya edukisayo.”

**4:8** *Noma, “ukuzivocavoca.” **4:12** *Noma, “nangokuhlanzeka.” **4:13** *Noma, “ekunxuseni.” **4:15** *Noma, “Cabangisisa.”

---

ISAHL. 3
*a* Heb 3:6
*b* Joh 1:14; Flp 2:7
*c* 1Pe 3:18
*d* 1Pe 3:19, 20
*e* Kol 1:23
*f* Kol 1:6

ISAHL. 4
*g* 2Th 2:1, 2; 2Ti 4:3, 4; 2Pe 2:1
*h* IzE 20:29, 30; 2Ti 2:16; 2Pe 2:3
*i* 1Ko 7:36; 1Ko 9:5
*j* Rom 14:3
*k* Gen 9:3
*l* Rom 14:17; 1Ko 10:25
*m* Gen 1:31
*n* IzE 10:15

**Uhla 2**
*a* 2Ti 2:15
*b* 1Ti 6:20; Tit 1:13, 14
*c* Joh 17:3
*d* Luk 13:24
*e* Jud 25
*f* 1Ti 2:3, 4
*g* Kol 4:16; 1Th 5:27
*h* IzE 6:5, 6; IzE 13:2, 3; IzE 19:6; 2Ti 1:6
*i* 2Ti 4:2
*j* 1Ko 9:22

**5** Ungayikhaci indoda endala.[a]
Kunalokho, khuluma nayo
ngomusa njengoyihlo, amado-
da asemasha njengabafowenu,
**2** abesifazane abadala njengo-
nyoko, abesifazane abasebasha
njengodadewenu, ngabo bonke
ubumsulwa.

**3** Cabangela* abafelokazi
abangabafelokazi ngempela.#[b]
**4** Kodwa uma umfelokazi ena-
bantwana noma abazukulu,
mabafunde ukunakekela labo
abasendlini yakwabo kuqala,[c]
bebonisa ukuthi bazinikele ku-
Nkulunkulu futhi babuyisele
abazali babo nabazali babaza-
li babo okubafanele,[d] ngoba lo-
khu kuyamukeleka phambi ku-
kaNkulunkulu.[e] **5** Owesifaza-
ne ongumfelokazi ngempela
futhi osele dengwane, ube-
ke ithemba lakhe kuNkulu-
nkulu,[f] uyaqhubeka enxusa fu-
thi ethandaza ubusuku ne-
mini.[g] **6** Kodwa lowo ophilela
ukwanelisa inkanuko ufile na-
kuba ephila. **7** Ngakho qhu-
beka unikeza le miyalo,* uku-
ze babe abangasoleki. **8** Ngo-
kuqinisekile uma umuntu enga-
bondli abakubo, ikakhulukazi
labo abangamalungu omndeni
wakhe, uluphikile ukholo fu-
thi mubi kakhulu kunomuntu
ongenalo ukholo.[h]

**9** Umfelokazi kufanele afa-
kwe ohlwini uma engekho
ngaphansi kweminyaka engu-
60 ubudala, ayengumfazi we-
ndoda eyodwa, **10** enedume-
la lokwenza imisebenzi emi-
hle,[i] uma akhulisa abantwana,[j]
uma ayengenisa izihambi,[k] uma
ayegeza izinyawo zabangcwele,[l]
uma ayesiza abasosizini,[m] uma
ayenza yonke imisebenzi emi-
hle ngenkuthalo.

**11** Ngakolunye uhlangothi,
ungabafaki ohlwini abafeloka-
zi abasebasha, ngoba lapho izi-
nkanuko zabo zocansi sezi-
ngene phakathi kwabo noKri-
stu, bafuna ukushada. **12** Ba-
yothola isahlulelo ngoba baku-
yekile ukubonakalisa kwabo
ukholo kokuqala.* **13** Ngesi-
khathi esifanayo bafunda noku-
vilapha, begcogcoma umuzi no-
muzi; bengavilaphi nje kuphela
kodwa futhi beyizinhlebi noga-
xekile ezindabeni zabanye aba-
ntu,[a] bekhuluma ngezinto oku-
ngafanele bakhulume ngazo.
**14** Ngakho-ke, ngifisa ukuba
abafelokazi abasebasha basha-
de,[b] bazale abantwana,[c] bapha-
the umuzi, bangamniki umphiki-
si ithuba lokugxeka. **15** Eqi-
nisweni, vele abanye sebeye
baphambukiswa ukuba balande-
le uSathane. **16** Uma owesi-
fazane okholwayo enezihlobo
ezingabafelokazi, makazisize,
ukuze ibandla lingathweswa
umthwalo. Khona-ke lizokwazi
ukusiza labo abangabafelokazi
bangempela.*[d]

**17** Abadala abengamela nge-
ndlela enhle[e] mababhekwe nje-
ngabafanelwe udumo oluphi-
ndiwe,[f] ikakhulukazi labo aba-
sebenza kanzima ekukhulume-
ni nasekufundiseni.[g] **18** Ngo-
ba umbhalo uthi, "Ungayivali
umlomo ngesifonyo inkabi la-
pho ibhula ukudla okusanhla-
mvu,"[h] uthi futhi, "Isisebe-
nzi sifanelwe umholo waso."[i]
**19** Ungalamukeli icala elibe-
kwa indoda endala,* ngapha-
ndle uma kunobufakazi bofa-

ISAHL. 5
a Lev 19:32
b 1Ti 5:16
c 1Ti 5:8
d Mat 15:4 Efe 6:2
e Jak 1:27
f 1Ko 7:34
g Luk 2:36, 37
h Mat 15:4-6
i IzE 9:39
j 1Ti 2:15
k Heb 13:2 1Pe 4:9
l Joh 13:5, 14
m 1Ti 5:16 Jak 1:27

Uhla 2
a 2Th 3:11
b 1Ko 7:8, 9
c 1Ti 2:15
d Dut 15:11 1Ti 5:5 Jak 1:27
e 1Pe 5:2, 3
f IzE 28:10 Heb 13:17
g 1Th 5:12 Heb 13:7
h Dut 25:4 1Ko 9:7, 9
i Lev 19:13 Mat 10:9, 10 Luk 10:7 Gal 6:6

**5:3** *NgesiGreki, "Hlonipha." #Noma, "abafelokazi abaswele ngempela"; okuwukuthi, abangenamuntu obasekelayo. **5:7** *Noma, "lezi ziqondiso."

**5:12** *Noma, "basishiyile isithembiso ababesenzile." **5:16** *Noma, "abangabafelokazi abaswele ngempela"; okuwukuthi, abangenamuntu obasekelayo. **5:19** *Noma, "umdala."

kazi ababili noma abathathu.[a]
**20** Abantu abenza isono[b] baso-
le[c] phambi kwabo bonke ababu-
kele, ukuze bonke bathole ise-
xwayiso.* **21** Ngiyakuyala no-
kukuyala phambi kukaNkulun-
kulu noKristu Jesu nezingelo-
si ezikhethiwe ukuba ugcine le
miyalo ngaphandle kokubandlu-
lula noma ukukhetha.[d]

**22** Ungalokothi usheshe ube-
ke izandla zakho kunoma imu-
phi umuntu;*[e] futhi ungabi um-
hlanganyeli ezonweni zabanye;
zigcine umsulwa.

**23** Ungabe usawaphuza ama-
nzi,* kodwa phuza iwayini eli-
ncane ngenxa yesisu sakho no-
kugula kwakho kaningi.

**24** Izono zabanye abantu za-
ziwa yibo bonke, ziholela ngo-
kuqondile ekwahlulelweni, ko-
dwa ezabanye abantu zibo-
nakala kamuva.[f] **25** Ngendle-
la efanayo, nemisebenzi emi-
hle yaziwa yibo bonke[g] naleyo
engemihle ayinakuhlala ifihle-
kile.[h]

**6** Labo abangaphansi kwejo-
ka lobugqila mabaqhubeke
bebheka abanikazi babo nje-
ngabafanelwe yinhlonipho eju-
lile,[i] ukuze kungalokothi ku-
khulunywe kabi ngegama li-
kaNkulunkulu nemfundiso ya-
khe.[j] **2** Ngaphezu kwalokho,
labo abanabanikazi abakholwa-
yo mabangabadeleli ngoba be-
ngabazalwane. Kunalokho, ku-
fanele basebenze ngokuzitha-
ndela nakakhulu, ngoba labo
abazuza enkonzweni yabo
enhle bangamakholwa nabaza-
lwane abathandekayo.

Qhubeka ufundisa ngalezi zi-
nto futhi unikeza lezi zikhu-
thazo. **3** Uma umuntu efundi-
sa enye imfundiso futhi enga-
vumelani namazwi aphilayo,*[a]
avela eNkosini yethu uJesu
Kristu, noma nemfundiso evu-
melana nokuzinikela kuNkulu-
nkulu,[b] **4** ukhukhumele futhi
akaqondi lutho.[c] Uthanda ka-
khulu* izimpikiswano nokuqa-
gulisana ngamazwi.[d] Lezi zi-
nto zibangela umona, uku-
xabana, ukunyundela,# izinso-
lo ezimbi, **5** zibangela noku-
ba labo abonakalisiwe engqo-
ndweni[e] nabangasaliqondi iqi-
niso babe nezimpikiswano ezi-
ngapheli ngezindaba eziwuba-
la. Bacabanga ukuthi ukuzini-
kela kuNkulunkulu kuyindlela
yokuthola inzuzo.[f] **6** Empele-
ni, kunenzuzo enkulu ukuzini-
kela kuNkulunkulu[g] kanye no-
kwaneliseka.* **7** Ngoba asile-
thanga lutho ezweni, futhi asi-
nakuhamba nalutho.[h] **8** Nga-
kho, uma sinokudla nezingubo
zokugqoka,* siyokwaneliswa yi-
lezi zinto.[i]

**9** Kodwa, labo abazimisele
ngokuceba bawela esilingweni
nasogibeni[j] nasezifisweni ezini-
ngi ezingenangqondo nezilima-
zayo, eziphonsa abantu eku-
bhujisweni nasencithakalweni.[k]
**10** Ngoba uthando lwemali lu-
yimpande yazo zonke izinhlobo
zezinto ezilimazayo, futhi ngo-
kuzama ukufinyelela lolu tha-
ndo abanye baye baduka okho-
lweni futhi bazigwaza yonke
indawo ngeminjunju eminingi.[l]

**11** Nokho, wena, muntu ka-
Nkulunkulu, zibalekele lezi zi-
nto. Kodwa phishekela ukulu-
nga, ukuzinikela kuNkulunkulu,

---

**5:20** *NgesiGreki, "ukuze bonke besabe." **5:22** *Okuwukuthi, ungasheshi ukumisa noma imuphi umuntu. **5:23** *Noma, "Yeka ukuphuza amanzi kuphela."

**6:3** *Noma, "anempilo; azuzisayo." **6:4** *Noma, "ngendlela exakile." #Noma, "izinkulumo eziyihlazo." **6:6** *NgesiGreki, "nokwaneliswa." **6:8** *Noma kungaba, "nendawo yokuhlala." NgesiGreki, "nokokwemboza."

---

**ISAHL. 5**
*a* Dut 19:15; Mat 18:16
*b* 1Ko 15:34; 1Jo 3:9
*c* Tit 1:7, 9; Tit 1:13; IsA 3:19
*d* Lev 19:15; Jak 3:17
*e* IzE 6:5, 6; IzE 14:23; 1Ti 3:2, 6; 1Ti 4:14
*f* Jos 7:11; Heb 4:13
*g* Mat 5:16
*h* 1Ko 4:5

**ISAHL. 6**
*i* Rom 13:7; Efe 6:5; Kol 3:22
*j* 1Pe 2:13, 14

**Uhla 2**
*a* 2Ti 1:13
*b* Tit 1:1, 2
*c* 1Ko 8:2
*d* 2Ti 2:14; Tit 1:10; Tit 3:9
*e* 2Ko 11:3; 2Ti 3:8; Jud 10
*f* 1Pe 5:2
*g* 1Ti 4:8
*h* Job 1:21; Hu 49:16, 17
*i* IzA 30:8, 9; Heb 13:5
*j* Mat 13:22
*k* IzA 28:20, 22; Jak 5:1
*l* Mat 6:24

ukholo, uthando, ukukhuthaze-
la nobumnene.[a] **12** Yilwa uku-
lwa okuhle kokholo; bambisisa
ukuphila okuphakade owabize-
lwa kona futhi wanikeza ubufa-
kazi obuhle obala phambi kofa-
kazi abaningi.

**13** Ngikuyala phambi kuka-
Nkulunkulu, ogcina zonke izi-
nto ziphila, naphambi kuka-
Kristu Jesu, lowo njengofaka-
zi, owanikeza ubufakazi obuhle
obala phambi kukaPontiyu Pi-
latu,[b] **14** ukuba ugcine umya-
lo ngendlela engenabala ne-
ngasoleki kuze kube ukubo-
nakaliswa kweNkosi yethu uJe-
su Kristu,[c] **15** okuyoboniswa
nguMbusi Onamandla ojabula-
yo nowukuphela kwakhe ngezi-
khathi zako ezimisiwe. Uyi-
Nkosi yalabo ababusa njenga-
makhosi noMbusi walabo aba-
busa njengababusi,[d] **16** ngu-
ye yedwa ongafi,[e] ohlala eku-
khanyeni okungekho muntu
ongasondela kukho,[f] okunge-
kho noyedwa umuntu ombonile
noma ongambona.[g] Kuye maku-
be udumo namandla aphakade.
Amen.

**17** Yala labo abacebile esi-
misweni samanje sezinto* uku-
ba bangaqhoshi,# futhi banga-
beki ithemba labo engcebwe-
ni engaqinisekile,[a] kodwa ku-
Nkulunkulu, osinika ngokuce-
bile zonke izinto esizijabulela-
yo.[b] **18** Batshele benze oku-
hle, bacebe emisebenzini emi-
hle, babe nesandla esivuleki-
le,* belungele ukwabelana izi-
nto nabanye,[c] **19** bezibekelela
isisekelo esihle sesikhathi esi-
zayo,[d] ukuze babambisise uku-
phila kwangempela.[e]

**20** Thimothewu, kuqaphe
ophathiswe kona,[f] uzifulathe-
le izinkulumo ezingenangqondo
ezingcolisa okungcwele, noku-
phikisana ngalokho okubizwa
ngokungeyikho ngokuthi "ulwa-
zi."[g] **21** Ngokugabisa ngolwazi
olunjalo, abanye baye bapha-
mbuka okholweni.

Kwangathi umusa omkhulu
ungaba nani.

---

**6:17** *Noma, "kulesi sikhathi." Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. #Noma, "bangaziphakamisi." **6:18** *Noma, "baphane."

**ISAHL. 6**

a IzA 15:1; Mat 5:5; Gal 5:22, 23; Kol 3:12; 1Pe 3:15
b Mat 27:11; Joh 18:33, 36; Joh 19:10, 11
c 2Th 2:8; 2Ti 4:1, 8
d IsA 17:14; IsA 19:16
e Heb 7:15, 16
f IzE 9:3; IsA 1:13, 16
g Joh 14:19; 1Pe 3:18

**Uhla 2**

a Mat 13:22; Mar 10:23
b Shu 5:19; Mat 6:33; Jak 1:17
c Rom 12:13; 2Ko 8:14; Jak 1:27
d Mat 6:20
e Luk 16:9
f 2Ti 1:13, 14; 2Ti 3:14; 2Ti 4:5
g 1Ko 2:13; 1Ko 3:19; Kol 2:8

## EYESIBILI KU-
# THIMOTHEWU

**UHLU LOKUPHAKATHI**

1 Ukubingelela (1, 2)
UPawulu ubonga uNkulunkulu ngokholo lukaThimothewu (3-5)
Sigcine sivutha isipho sikaNkulunkulu (6-11)
Qhubeka ubambelele emazwini anempilo (12-14)
Izitha zikaPawulu nabangani bakhe (15-18)

2 Phathisa amadoda afanelekayo umyalezo (1-7)
Ukukhuthazelela ukuhlupheka ngenxa yezindaba ezinhle (8-13)
Phatha izwi likaNkulunkulu ngokufanele (14-19)
Balekela izifiso zobusha (20-22)
Indlela yokubhekana nabaphikisi (23-26)

3 Izikhathi ezibucayi ezinsukwini zokugcina (1-7)
Landela isibonelo sikaPawulu eduze (8-13)
“Qhubeka ezintweni owazifunda” (14-17)
Yonke imiBhalo iphefumulelwe uNkulunkulu (16)

4 “Uyifeze ngokugcwele inkonzo yakho” (1-5)
Shumayela izwi unomuzwa wokuphuthuma (2)
“Ngikulwile ukulwa okuhle” (6-8)
Ukuphawula (9-18)
Imikhonzo (19-22)

1 UPawulu, umphostoli ka-
Kristu Jesu ngentando ka-
Nkulunkulu ngokuvumelana
nesithembiso sokuphila esiku-
thola ngoKristu Jesu,[a] **2** ku-
Thimothewu, umntwana otha-
ndekayo:[b]
Kwangathi ungathola umusa
omkhulu,* isihe nokuthula oku-
vela kuNkulunkulu uBaba na-
kuKristu Jesu iNkosi yethu.
**3** Ngiyambonga uNkulunku-
lu, enginikela kuye inko-
nzo engcwele njengoba kwenza
okhokho, ngonembeza ohlanze-
kile futhi angikukhohlwa eku-
nxuseni kwami ubusuku nemi-
ni. **4** Njengoba ngikhumbula
izinyembezi zakho, ngilangaze-
lela ukukubona ukuze inhli-
ziyo yami ichichime injabu-
lo. **5** Ngoba ngiyalukhumbula
ukholo lwakho olungenabo ubu-
zenzisi,[c] olwahlala kuqala kugo-
go wakho uLowisi nakumama
wakho u-Evnike, kodwa engi-
qinisekayo ukuthi lukhona na-
kuwe.
**6** Ngenxa yalesi sizathu ngi-
kukhumbuza ukuba usivuthe-
le njengomlilo isipho sika-
Nkulunkulu esikuwe owasitho-
la ngokukubeka kwami iza-
ndla.[d] **7** Ngoba uNkulunkulu
akasinikanga umoya wobugwa-
la,[e] kodwa owamandla[f] nowo-
thando nowokuhluzeka kwe-
ngqondo. **8** Ngakho-ke, unga-
bi namahloni ngokufakaza ma-
yelana neNkosi yethu[a] noma
ngami, engiyisiboshwa nge-
nxa yayo, kodwa nawe khu-
thazelela ubunzima[b] ngenxa
yezindaba ezinhle ngokuthe-
mbela emandleni kaNkulunku-
lu.[c] **9** Wasisindisa futhi wasi-
biza ngobizo olungcwele,[d] hha-
yi ngenxa yemisebenzi yethu,
kodwa ngenxa yenjongo ya-
khe nomusa omkhulu.[e] Lo
musa sawuphiwa ngoKristu
Jesu kudala kakhulu, **10** ko-
dwa manje wenziwe wabonaka-
la ngokucacile ngokubonakali-
swa koMsindisi wethu, uKristu
Jesu,[f] oqede ukufa[g] futhi we-
nza ukuphila[h] nokungonakali[i]
kwakhanya ngezindaba ezi-
nhle,[j] **11** engabekwa ukuba
ngibe umshumayeli wazo nom-
phostoli nomfundisi.[k]
**12** Yingakho ngihlupheka
ngalezi zinto,[l] kodwa anginama-
hloni.[m] Ngoba ngiyamazi Lowo
engiye ngakholwa nguye, futhi
ngiyaqiniseka ukuthi uyakwazi
ukukuqapha lokho engikubeke
kuye kuze kube yilolo suku.[n]
**13** Qhubeka ubambelele esi-
bonelweni samazwi* anempi-
lo#[o] owawezwa kimi, njengoba
ubonisa ukholo nothando olu-
wumphumela wobunye noKri-
stu Jesu. **14** Lokhu okuhle

**ISAHL. 1**
a Joh 3:16; Joh 6:40, 44; 1Pe 1:3, 4
b 1Ko 4:17
c 1Ti 4:6
d 1Ti 4:14
e Rom 8:15; 1Th 2:2
f Luk 24:49; IzE 1:8

**Uhla 2**
a Rom 1:16
b Kol 1:24; 2Ti 2:3
c Flp 4:13; Kol 1:11
d Efe 1:4; Heb 3:1
e Efe 2:5; Efe 2:8; Tit 3:5
f Joh 1:14; Heb 2:9
g 1Ko 15:54; Heb 2:14
h Joh 5:24; 1Jo 1:2
i 1Pe 1:3, 4
j Rom 1:16
k IzE 9:15; 1Ti 2:7
l IzE 9:16; Efe 3:1
m 2Ko 4:2
n 2Ti 4:8
o 1Ti 6:3, 4; Tit 1:7, 9

**1:2** *Noma, “umusa ongafanelwe.”

**1:13** *Noma, “emazwini okuqala.” #Noma, “aphilayo; azuzisayo.”

okuphathisiwe, kuqaphe ngo-
moya ongcwele ohlezi kithi.[a]
**15** Uyakwazi lokhu, ukuthi
bonke abantu esifundazweni
sase-Asiya[b] bangifulathele, ku-
hlanganise uFigelu noHermo-
gene. **16** Kwangathi iNkosi*
ingapha indlu ka-Onesiforu isi-
he,[c] ngoba wayengilethela uku-
qabuleka kaningi futhi akaba-
nga namahloni ngokuba kwa-
mi semaketangeni. **17** Kuna-
lokho, ngesikhathi eseRoma,
wangifuna ngenkuthalo wangi-
thola. **18** Kwangathi iNkosi*
ingamupha ukuba athole isihe
kuJehova# ngalolo suku. Wena
ukwazi kahle konke angenzela
kona e-Efesu.

**2** Ngakho-ke, wena mntana-
mi,[d] qhubeka uthola ama-
ndla emseni omkhulu oku-
Kristu Jesu; **2** izinto owazi-
zwa ngami ngokusekela kofa-
kazi abaningi[e] ziphathise
amadoda athembekile, ayoku-
fanelekela ngokwanele uku-
ba nawo afundise abanye.
**3** Njengesosha elihle[f] likaKri-
stu Jesu, nawe khuthazelela
ubunzima.[g] **4** Umuntu oyiso-
sha akangeni* kwezamabhizini-
si,# ukuze athole ukwamuke-
lwa yilowo owambhalisa nje-
ngesosha. **5** Ngisho nasemi-
dlalweni, umuntu osemncinti-
swaneni akathweswa umqhele
ngaphandle kokuba encinti-
sene ngokuvumelana nemithe-
tho.[h] **6** Umlimi osebenza ka-
nzima kumele abe ngowoku-
qala ukudla izithelo. **7** Caba-
nga njalo ngalokhu engikusho-
yo; iNkosi iyokunika ukuqo-
nda* kuzo zonke izinto.

**1:16, 18** *Okuwukuthi, uJehova. **1:18** #Bheka iSithasiselo A5. **2:4** *NgesiGreki, "akazihlanganisi." #Noma kungaba, "emisebenzini yansuku zonke." **2:7** *Noma, "ikhono lokwahlukanisa."

**8** Khumbula ukuthi uJesu
Kristu wavuswa kwabafile[a] fu-
thi wayeyinzalo* kaDavide,[b]
ngokwezindaba ezinhle engizi-
shumayelayo,[c] **9** engihluphe-
ka ngenxa yazo nengiboshelwe
zona njengesigebengu.[d] Noma
kunjalo, izwi likaNkulunkulu
aliboshiwe.[e] **10** Ngenxa yalesi
sizathu ngiyaqhubeka ngikhu-
thazelela zonke izinto ngenxa
yabakhethiwe,[f] ukuze nabo ba-
thole insindiso etholakala ngo-
Kristu Jesu, kanye nenkazimu-
lo yaphakade. **11** Lithembeki-
le leli zwi elithi: Ngokuqinise-
kile uma safa kanye naye, si-
yophila kanye naye futhi;[g]
**12** uma siqhubeka sikhuthaze-
la, siyobusa kanye naye njenga-
makhosi;[h] uma simphika, naye
uyosiphika;[i] **13** uma singathe-
mbekile, yena uhlale ethembe-
kile, ngoba akanakuziphika.
**14** Qhubeka ubakhumbuza
ngalezi zinto, ubayala* phambi
kukaNkulunkulu ukuba banga-
lwi ngamazwi, into engenalusi-
zo lwalutho ngoba ilimaza# aba-
lalele. **15** Yenza konke okuse-
mandleni akho ukuze wamu-
keleke kuNkulunkulu, isisebe-
nzi esingenamahloni ngalutho,
esiphatha izwi leqiniso ngoku-
fanele.[j] **16** Kodwa zenqabe
izinkulumo ezingenangqondo
ezingcolisa okungcwele,[k] ngo-
ba bayoqhubeka bengamhlo-
niphi nakakhulu uNkulunku-
lu, **17** futhi izwi labo liyosaka-
zeka njengesilonda esibhibha-
yo. UHimenewu noFiletu banga-
banye babo.[l] **18** Laba bantu
baphambukile eqinisweni, be-
thi uvuko selwenzekile,[m] beqe-
da ukholo lwabanye. **19** Noma
kunjalo, isisekelo esiqinile sika-
Nkulunkulu silokhu simile, si-

**2:8** *NgesiGreki, "wayengowembewu." **2:14** *NgesiGreki, "ubanikeza ubufakazi obuphelele." #Noma, "ichitha."

ISAHL. 1
a Rom 8:11
b IzE 19:10
c 2Ti 4:19

ISAHL. 2
d 1Ti 1:2
e 2Ti 3:14
f 1Ti 1:18
g 2Ti 1:8
h 1Ko 9:25

Uhla 2
a IzE 2:24
b IzE 2:29-32 Rom 1:3
c IzE 13:23
d IzE 9:16 Flp 1:7
e Kol 4:3, 4
f 2Ko 1:6 Efe 3:13 Kol 1:24
g Rom 6:5, 8
h IsA 3:21 IsA 20:4, 6
i Mat 10:33 Luk 12:9
j 2Ti 4:2
k 1Ti 4:7 1Ti 6:20
l 1Ti 1:20
m 1Ko 15:12

namazwi anjengophawu athi,
"UJehova* uyabazi abangaba-
khe,"[a] nathi, "Wonke umuntu
obiza igama likaJehova*[b] maka-
lahle ukungalungi."
**20** Endlini enkulu akutho-
lakali izitsha zegolide nezesili-
va kuphela kodwa futhi nezo-
khuni nezobumba, ezinye ezo-
msebenzi onodumo kodwa ezi-
nye ezomsebenzi ongenalo udu-
mo. **21** Ngakho uma umuntu
engazihlanganisi nalezi ezi-
ngenalo udumo, uyoba yithu-
luzi* lomsebenzi onodumo, eli-
ngcwelisiwe, eliwusizo kumni-
kazi walo, elilungiselelwe yonke
imisebenzi emihle. **22** Ngakho
balekela izifiso zobusha, kodwa
phishekela ukulunga, ukholo,
uthando, ukuthula, kanye nala-
bo ababiza iNkosi ngenhliziyo
ehlanzekile.
**23** Ngaphezu kwalokho, gwe-
ma izimpikiswano eziwubuwula
nezokungazi,[c] wazi ukuthi zida-
la izingxabano. **24** Ngoba ince-
ku yeNkosi akufanele ilwe, ku-
nalokho kufanele ibe mnene
kubo bonke,[d] ifanelekele ukufu-
ndisa, izibambe lapho yoniwa,[e]
**25** ibayale ngobumnene labo
abangenaso isimo sengqondo
esihle.[f] Mhlawumbe uNkulunku-
lu angase abanike ukuphendu-
ka okuholela olwazini olunembi-
le lweqiniso,[g] **26** basanguluke
baphunyuke ogibeni lukaDeve-
li, njengoba bebanjwe nguye be-
phila ukuze benze intando ya-
khe.[h]

**3** Kodwa yazi lokhu, ukuthi
ezinsukwini zokugcina[i] ku-
yofika izikhathi ezibucayi
okunzima ukubhekana nazo.
**2** Ngoba abantu bayokuba aba-
zithandayo, abathanda imali,
abaqhoshayo, abazazisayo, aba-
hlambalazi, abangalaleli aba-
zali, abangabongi, abangathe-
mbekile, **3** abangenalo utha-
ndo, abangafuni sivumelwano,
abanyundeli, abangakwazi uku-
zithiba, abanolaka, abangena-
lo uthando lokuhle, **4** abakha-
pheli, abanenkani, abakhukhu-
mele, abathanda injabulo ku-
nokuba bathande uNkulunkulu,
**5** ababonakala bezinikele ku-
Nkulunkulu kodwa bewaphi-
ka amandla alokho* kuzinike-
la;[a] zihlukanise nabantu aba-
njalo. **6** Kulaba kuvela abantu
abangena ngesinyelela emakha-
ya futhi bathumbe abesifaza-
ne ababuthakathaka abasindwa
yizono, abaholwa yizifiso ezi-
hlukahlukene, **7** bafunda njalo
kodwa akwenzeki balazi ngoku-
nembile iqiniso.
**8** Ngendlela uJane noJambre
abaphikisa ngayo uMose, nala-
ba bayaqhubeka bephikisa iqi-
niso. Abantu abanjalo bona-
kele ngokuphelele engqondwe-
ni, abamukeleki okholweni.
**9** Noma kunjalo, ngeke benze
ntuthuko ngoba ubuwula* babo
buyoba sobala kubo bonke, nje-
ngoba nje kwaba njalo nga-
lawo madoda amabili.[b] **10** Ko-
dwa wena uye wayilandela
eduze imfundiso yami, indle-
la yami yokuphila,[c] injongo
yami, ukholo lwami, ukubekeze-
la kwami, uthando lwami, uku-
khuthazela kwami, **11** ukushu-
shiswa nezinhlupheko, okunje-
ngalokho engabhekana nakho
e-Antiyokiya,[d] e-Ikoniyu,[e] eLi-
stra.[f] Ngakubekezelela lokhu
kushushiswa futhi iNkosi yangi-
khulula kukho konke.[g] **12** Eqi-
nisweni, bonke labo abafisa
ukuphila ngokuzinikela kuNku-
lunkulu kanye noKristu Jesu
nabo bayoshushiswa.[h] **13** Ko-
dwa abantu ababi nabakhohlisi

ISAHL. 2
a Num 16:5
b Isay 26:13
c 1Ti 1:3, 4; 1Ti 4:7; Tit 3:9
d 1Th 2:7
e Mat 5:39
f IzA 15:1; Gal 6:1; Tit 3:2; 1Pe 3:15
g 1Ti 2:3, 4
h Joh 13:27; IzE 5:3; 1Ti 1:20

ISAHL. 3
i Mat 24:3; 1Ti 4:1; 2Pe 3:3; Jud 17, 18

Uhla 2
a Mat 7:15; Mat 7:22, 23
b Eks 7:11, 12; Eks 9:11
c 1Ko 4:17; 2Ti 1:13
d IzE 13:50
e IzE 14:1, 5, 6
f IzE 14:19
g 2Ko 1:10
h Mat 16:24; Joh 15:20; IzE 14:22

**2:19** *Bheka iSithasiselo A5. **2:21** *Noma, "yisitsha."

**3:5** *Noma, "bengenzi ngokuvumelana nalokho." **3:9** *Noma, "ubulima."

bayoqhubeka besuka kokubi baye kokubi kakhulu, bedukisa futhi bedukiswa.[a]

**14** Nokho, wena qhubeka ezintweni owazifunda futhi wathonyelwa ukuba uzikholelwe,[b] wazi ukuthi wazifunda kobani **15** nokuthi kusukela usewusana[c] uye wazi imibhalo engcwele,[d] ekwazi ukukuhlakaniphisela insindiso ngokholo kuKristu Jesu.[e] **16** Yonke imiBhalo iphefumulelwe uNkulunkulu[f] futhi iyasiza ekufundiseni,[g] ekusoleni, ekuqondiseni* izinto, ekusiyaleni ukuba senze okulungile,[h] **17** ukuze umuntu kaNkulunkulu afaneleke ngokugcwele, ayihlomele ngokuphelele yonke imisebenzi emihle.

**4** Ngiyakuyala nokukuyala phambi kukaNkulunkulu noKristu Jesu, oyokwahlulela[i] abaphilayo nabafile,[j] nangokubonakaliswa[k] kwakhe noMbuso wakhe,[l] ngithi: **2** Shumayela izwi;[m] ukwenze unomuzwa wokuphuthuma ngenkathi evumayo nangenkathi enzima; usole,[n] ukhuze, ukhuthaze, ngaso sonke isineke nekhono lokufundisa.[o] **3** Ngoba kuyokuba khona inkathi lapho bengeke bayibekezelele khona imfundiso ephilayo,*[p] kodwa ngokuvumelana nezifiso zabo, bayozihlanganisa nabafundisi ukuze babakitaze izindlebe.#[q] **4** Bayoyeka ukulalela iqiniso, banake izindaba ezingamanga. **5** Nokho, wena hlala usangulukile kuzo zonke izinto, ukhuthazelele ubunzima,[r] wenze umsebenzi womvangeli,* uyifeze ngokugcwele inkonzo yakho.[s]

**6** Ngoba kakade sengithululwa njengomnikelo ophuzwayo,[a] futhi isikhathi sokukhululwa[b] kwami sesiseduze. **7** Ngikulwile ukulwa okuhle,[c] ngiwugijimile umncintiswano ngaze ngayoqeda,[d] ngilugcinile ukholo. **8** Kusukela manje kuqhubeke, ngigcinelwe umqhele wokulunga,[e] lowo iNkosi, umahluleli olungile,[f] eyonginika wona njengomvuzo ngalolo suku,[g] nokho kungemina ngedwa, kodwa nabo bonke abakuthandile ukubonakaliswa kwayo.

**9** Yenza konke okusemandleni akho ukuba uze kimi ngokushesha. **10** UDema[h] ungishiyile ngoba ethanda isimiso samanje sezinto,* waya eThesalonika, uKreske waya eGalathiya, uThithu waya eDalmathiya. **11** NguLuka yedwa onami. Uze noMarku ngoba uwusizo kimi enkonzweni. **12** Kodwa uThikhiku[i] ngimthume e-Efesu. **13** Lapho uza, uze nesambatho engasishiya eTrowa kuKarpu, nemiqulu, ikakhulukazi eyesikhumba.

**14** U-Aleksandru osebenza ngethusi wangenza izinto eziningi ezimbi. UJehova* uyombuyisela ngokwezenzo zakhe.[j] **15** Nawe kufanele umqaphele ngoba wawuphikisa kakhulu umyalezo wethu.

**16** Ekuzivikeleni kwami kokuqala akekho oweza ezongilwela kodwa bonke bangishiya—sengathi bangejeziswe ngenxa yalokho. **17** Kodwa iNkosi yama eduze kwami, yangipha amandla, ukuze ukushumayela kufezwe ngokugcwele ngami nazo zonke izizwe zikuzwe;[k] futhi ngakhululwa emlonyeni webhubesi.[l] **18** INkosi iyongi-

**ISAHL. 3**
- a 2Th 2:11; 1Ti 4:1
- b 2Ti 1:13
- c IzA 22:6
- d IzE 16:1, 2
- e Joh 5:39
- f Joh 14:26; 2Pe 1:21
- g Rom 15:4
- h 1Ko 10:11

**ISAHL. 4**
- i Joh 5:22; IzE 17:31; 2Ko 5:10
- j Joh 5:28, 29; IzE 10:42
- k 1Ti 6:14, 15; 1Pe 5:4
- l IsA 11:15; IsA 12:10
- m 2Ti 2:15
- n 1Ti 5:20; Tit 1:7, 9; Tit 1:13; Tit 2:15
- o 2Ti 2:24, 25
- p 1Ti 1:9, 10
- q 1Ti 4:1
- r 2Ti 1:8; 2Ti 2:3
- s Rom 15:19; Kol 1:25

**Uhla 2**
- a Num 28:6, 7
- b Flp 1:23
- c 1Ko 9:26; 1Ti 6:12
- d Flp 3:14
- e 1Ko 9:25; Jak 1:12
- f Joh 5:22
- g 1Pe 5:4; IsA 2:10
- h Kol 4:14; Flm 23, 24
- i Efe 6:21; Kol 4:7
- j Hu 28:4; Hu 62:12; IzA 24:12
- k IzE 9:15
- l Hu 22:21

**3:16** *Noma, "ekulungiseni." **4:3** *Noma, "enempilo; ezuzisayo." #Noma, "ukuze babatshele lokho abafuna ukukuzwa." **4:5** *Noma, "uqhubeke ushumayela izindaba ezinhle."

**4:10** *Noma, "lesi sikhathi." Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **4:14** *Bheka iSithasiselo A5.

khulula kuyo yonke imisebe-
nzi emibi, ingisindisele uMbuso
wayo wasezulwini.[a] Inkazimulo
mayibe kuyo kuze kube phaka-
de naphakade. Amen.
**19** Ungikhonzele kuPriska
no-Akhwila[b] nomndeni ka-One-
siforu.[c]
**20** U-Erastu[d] wasala eKori-
nte, uTrofimu[e] ngamshiya egu-
la eMilethu. **21** Yenza konke
okusemandleni ukuba ufike
ngaphambi kobusika.
Uyakhonza u-Evubulu, ka-
njalo noPhude noLinu noKla-
wudiya nabo bonke abaza-
lwane.
**22** INkosi mayibe nomoya
owubonisayo. Umusa wayo om-
khulu ube nani.

ISAHL. 4
*a* IsA 20:4
*b* Rom 16:3
*c* 2Ti 1:16
*d* IzE 19:22
*e* IzE 21:29

## KU-
# THITHU

**UHLU LOKUPHAKATHI**

1 Ukubingelela (1-4)
  UThithu kumele amise abadala eKrethe (5-9)
  Basole abangalawuleki (10-16)

2 Imfundiso ephilayo kwabasebasha nasebekhulile (1-15)
  Lahla ukungamhloniphi uNkulunkulu (12)
  Ukushisekela imisebenzi emihle (14)

3 Ukuzithoba okufanele (1-3)
  Kulungele ukwenza imisebenzi emihle (4-8)
  Gwema izimpikiswano eziwubuwula nezimfundiso ezingamanga (9-11)
  Iziqondiso nemikhonzo (12-15)

**1** UPawulu, inceku kaNkulu-
nkulu nomphostoli kaJe-
su Kristu ngokokholo lwaba-
khethiwe bakaNkulunkulu na-
ngokolwazi olunembile lweqi-
niso elivumelana nokuzinike-
la kuNkulunkulu **2** nelisekelwe
ethembeni lokuphila okuphaka-
de[a] lokho uNkulunkulu ongena-
kuqamba amanga,[b] akuthembi-
sa kudala; **3** kodwa ngesikha-
thi sakhe esifanele, wenza izwi
lakhe laziwa ngokushumayela
engaphathiswa kona,[c] ngokuya-
la koMsindisi wethu, uNku-
lunkulu; **4** kuThithu, umntwa-
na woqobo ngokokholo esiluhla-
nganyelayo:
Kwangathi ungathola umusa
omkhulu* nokuthula okuvela ku-
Nkulunkulu uBaba nakuKristu
Jesu uMsindisi wethu.
**5** Ngakushiya eKrethe ukuze
ulungise izinto eziyiphutha fu-
thi umise abadala emadolobhe-
ni ngamadolobha, njengoba nga-
kuyala ngathi: **6** umdala kume-
le kube yindoda okungekho cala
ebekwa lona, indoda enomfazi
oyedwa, enabantwana abakho-
lwayo abangamangalelwa ngoku-
zitika ngamanyala* noma aba-
ngalawuleki.[a] **7** Ngoba njenge-
nceku kaNkulunkulu, umbonisi

ISAHL. 1
*a* Rom 6:23
*b* Num 23:19
*c* IzE 9:15

Uhla 2
*a* 1Ti 3:2-7

**1:4** *Noma, "umusa ongafanelwe." **1:6** *Noma, "ngokungalaleli."

kumele abe umuntu okunge-
kho cala abekwa lona, ongena-
yo inkani,[a] ongasheshi ukucasu-
ka,[b] ongesona isidakwa, ongena-
lo udlame,* ongahaheli inzuzo
etholakala ngokungathembeki,
**8** kodwa owamukela izivaka-
shi,[c] othanda ubuhle, ohluzeki-
le engqondweni,*[d] olungile, othe-
mbekile,[e] ozithibayo,[f] **9** oba-
mbelele ngokuqinile ezwini eli-
thembekile* ngokuqondene ne-
khono lakhe lokufundisa,[g] ukuze
akwazi ukukhuthaza ngemfundi-
so ephilayo#[h] nokusola[i] abaphi-
kisayo.

**10** Ngoba kukhona abantu
abaningi abangalawuleki, aba-
khuluma okungasizi ngalu-
tho, nabakhohlisi, ikakhuluka-
zi labo abanamathela ekusoke-
ni.[j] **11** Kudingekile ukubavala
imilomo, ngoba bona laba bantu
baqhubeka bechitha yonke imizi
ngokufundisa izinto ezingafane-
le ukuze bathole inzuzo ngoku-
ngathembeki. **12** Othile kubo,
umprofethi wabo, wathi: "Aba-
seKrethe bahlale beqamba ama-
nga, izilo zasendle ezilimazayo,
iziminzi ezingamavila."

**13** Lobu bufakazi buyiqiniso.
Ngenxa yalesi sizathu, qhube-
ka ubasola kanzima ukuze babe
abaphilile okholweni, **14** ba-
ngazinaki izinganekwane zama-
Juda nemiyalo yabantu abafula-
thela iqiniso. **15** Zonke izinto
zihlanzekile kubantu abahlanze-
kile;[k] kodwa kubantu abangcoli-
le nabangenalukholo akukho lu-
tho oluhlanzekile, ngoba izi-
ngqondo zabo nonembeza babo
kungcolile.[l] **16** Bavuma obala
ukuthi bayamazi uNkulunkulu,
kodwa bayamphika ngemisebe-
nzi yabo,[m] ngoba bayanyanye-
ka, abalaleli futhi abakufanele-
keli ukwenza noma iluphi uhlo-
bo lomsebenzi omuhle.

**2** Nokho, wena qhubeka ukhu-
luma izinto ezihambisana
nemfundiso ephilayo.#[a] **2** Ama-
doda asekhulile mawabe ali-
nganiselayo, angathathi izinto
kalula, ahluzekile engqondweni,
aphilile okholweni, othandwe-
ni, ekukhuthazeleni. **3** Ngoku-
fanayo, abesifazane asebekhu-
lile mabaziphathe ngenhlonipho,
banganyundeli, bangabi yizigqila
zewayini eliningi, babe abafundi-
si bokuhle, **4** ukuze beluleke*
abesifazane abasebasha ukuba
bathande abayeni babo, batha-
nde abantwana babo, **5** babe
abahluzekile engqondweni, aba-
msulwa, abasebenzayo ekhaya,*
abahle, nabazithobayo kubayeni
babo,[b] ukuze izwi likaNkulunku-
lu lingahlanjalazwa.

**6** Ngokufanayo, qhubeka
ukhuthaza izinsizwa ukuba
zibe ezihluzekile engqondweni,[c]
**7** uzibonakalise uyisibonelo se-
misebenzi emihle ngazo zonke
izindlela. Fundisa izinto ezihla-
nzekile* ngokungathathi izinto
kalula,[d] **8** usebenzise inkulu-
mo enempilo* engeke igxekwe,[e]
ukuze labo abaphikisayo bahla-
zeke, bengenalutho olubi# aba-
ngalusho ngathi.[f] **9** Izigqila ma-
zizithobe kubaninizo ezintweni
zonke,[g] zizame ukubajabulisa, zi-
ngaqagulisani nabo, **10** zinga-
bantshontsheli,[h] kodwa zibonise
ukwethembeka okuphelele, uku-
ze ngazo zonke izindlela zihlobi-
se imfundiso yoMsindisi wethu,
uNkulunkulu.[i]

**11** Ngoba umusa omkhulu
kaNkulunkulu oletha insindiso
kuzo zonke izinhlobo zabantu

ISAHL. 1
a 2Pe 2:10
b Jak 1:19
c 1Pe 4:9
d Rom 12:3; 1Ti 3:2
e 1Ti 2:8
f 2Ti 2:24; Jak 3:13
g 1Ti 4:16; 1Ti 6:3, 4
h 1Ti 1:9, 10; 2Ti 1:13
i 1Ti 5:20; 2Ti 4:2; Tit 1:13; IsA 3:19
j IzE 15:1
k Rom 14:14
l Mat 15:11
m Mat 7:16-18

Uhla 2

ISAHL. 2
a 1Ti 4:16; 2Ti 1:13
b 1Ko 14:34, 35; 1Pe 3:1, 2
c Rom 12:3; 1Pe 5:5
d 2Ti 2:15
e Kol 3:8
f 1Pe 2:15
g Efe 6:5; 1Ti 6:1; 1Pe 2:18
h Efe 4:28
i Mat 5:16

**1:7** *Noma, "ongashayi muntu." **1:8** *Noma, "owahlulela kahle; onokuqonda." **1:9** *Noma, "emyalezweni othembekile." **1:9; 2:1** #Noma, "enempilo; ezuzisayo."

**2:4** *Noma, "basangulukise; baqeqeshe." **2:5** *Noma, "abanakekela imizi yabo." **2:7** *Noma kubanga, "Fundisa ngobumsulwa." **2:8** *Noma, "ephilayo; ezuzisayo." #Noma, "olungeluhle."

ubonakalisiwe.[a] **12** Uyasiqeqe-
sha ukuba silahle ukungamhlo-
niphi uNkulunkulu nezifiso ze-
zwe[b] nokuba siphile ngoku-
hluzeka kwengqondo nokulu-
nga nangokuzinikela kuNkulu-
nkulu phakathi nalesi simiso sa-
manje sezinto,*[c] **13** kuyilapho
silindele ithemba elijabulisayo[d]
nokubonakaliswa okukhazimula-
yo kukaNkulunkulu omkhulu no-
koMsindisi wethu, uJesu Kri-
stu, **14** owazinikela ngenxa ye-
thu[e] ukuze asikhulule*[f] kuyo yo-
nke inhlobo yokweqa umthetho
nokuba azihlanzele isizwe esiyi-
mpahla yakhe ekhethekile, esi-
shisekela imisebenzi emihle.[g]
**15** Qhubeka ukhuluma nga-
lezi zinto, ukhuthaza* futhi uso-
la ngegunya eligcwele.[h] Ungavu-
meli muntu akubukele phansi.

**3** Qhubeka ubakhumbuza uku-
ba bazithobe futhi balale-
le ohulumeni neziphathimandla,[i]
ukuba balungele yonke imi-
sebenzi emihle, **2** bangakhulu-
mi kabi ngamuntu, bangatha-
ndi izingxabano, kodwa babe
abalinganiselayo,[j] bebonisa bo-
nke ubumnene kubantu bonke.[k]
**3** Ngoba nathi sake saba aba-
ngenangqondo, singalaleli, sidu-
kiswa, siyizigqila zezifiso ezihlu-
kahlukene nezenjabulo, siqhube-
ka ebubini nasemoneni, singabe-
nyanyekayo, sizondana.
**4** Nokho, lapho umusa wo-
Msindisi wethu, uNkulunkulu,[l]
nothando analo ngabantu kubo-
nakaliswa **5** (hhayi ngenxa ya-
noma yimiphi imisebenzi yoku-
lunga esasiyenzile,[m] kodwa nge-
nxa yesihe sakhe),[n] wasisindisa
ngokusigeza okwasiletha ekuphi-
leni[o] nangokusenza basha ngo-
moya ongcwele.[p] **6** Wathululela
lo moya phezu kwethu ngoku-
cebile* ngoJesu Kristu uMsindi-
si wethu,[a] **7** ukuze ngemva ko-
kuba sekuthiwe silungile ngenxa
yomusa wakhe omkhulu,[b] sibe
izindlalifa[c] ezinethemba lokuphi-
la okuphakade.[d]
**8** La mazwi athembekile, fu-
thi ngifuna uqhubeke uzigcizele-
la lezi zinto, ukuze labo asebeye
bakholwa kuNkulunkulu bagci-
ne izingqondo zabo zigxile ekwe-
nzeni imisebenzi emihle. Lezi zi-
nto zinhle futhi ziyabazuzisa
abantu.
**9** Kodwa ungazifaki ezimpiki-
swaneni eziwubuwula nezipha-
thelene nezinhlu zozalo, naseku-
xabaneni nokulwisana ngoMthe-
tho, ngoba akuzuzisi futhi ku-
yize.[e] **10** Male[f] umuntu osaka-
za imfundiso engamanga[g]
ngemva kokumeluleka* okoku-
qala nokwesibili,[h] **11** wazi uku-
thi umuntu onjalo uphambuki-
le endleleni futhi uyona, ezilahla
yena.
**12** Lapho ngithumela u-Are-
thema noma uThikhiku[i] kuwe,
yenza konke okusemandleni
akho ukuba uze kimi eNikopho-
li, ngoba nginqume ukubuchitha
khona ubusika. **13** Qikelela
ukuthi unikeza uZena, onolwazi
ngoMthetho, no-Apholo abakudi-
ngayo ukuze bangasweli lutho
ohambweni lwabo.[j] **14** Kodwa
abafowethu mabafunde ukuqhu-
beka benza imisebenzi emihle
ukuze basize lapho kunezidingo
eziphuthumayo,[k] ukuze bangabi
abangatheli.*[l]
**15** Bonke abanami bayakho-
nza kuwe. Ungikhonzele kulabo
abasithandayo okholweni.

Kwangathi umusa omkhulu
ungaba nani nonke.

---

**2:12** *Noma, "nalesi sikhathi." Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **2:14** *NgesiGreki, "abe yisihlengo; asihlenge." **2:15** *Noma, "unxusa."

**3:6** *Noma, "ngesandla esivulekile." **3:10** *Noma, "kokumxwayisa." **3:14** *Noma, "abangakhiqizi."

---

ISAHL. 2
a Rom 5:18
b 1Jo 2:16
c Rom 12:2
d 1Pe 1:13
e Mat 20:28; 1Ti 2:5, 6
f Efe 1:7; Kol 1:13, 14
g Efe 2:10; Heb 9:14
h 2Ti 4:2

ISAHL. 3
i Mar 12:17; Rom 13:1; 1Pe 2:13, 14
j Flp 4:5; Jak 3:17
k IzA 15:1; Gal 6:1; Efe 4:1, 2; 1Ti 6:11; 2Ti 2:24, 25; 1Pe 3:15
l Luk 6:35; Rom 2:4; Efe 4:32
m Dut 9:5; Rom 3:10; Gal 3:21
n Rom 5:15, 21; Rom 6:23
o Rom 5:18
p Joh 3:5; Rom 8:23; 2Ko 5:17

Uhla 2
a IzE 2:33
b Rom 3:24; Gal 2:15, 16
c Rom 8:17
d Rom 6:23
e 1Ti 1:3, 4; 1Ti 6:3-5
f Rom 16:17; 2Jo 10
g 1Ko 11:19; IsA 2:6
h 2Ti 4:2
i IzE 20:4; Efe 6:21; 2Ti 4:12
j 1Ko 9:14; Gal 6:6; Heb 13:16
k 1Ko 9:11
l Kol 1:10

KU-

# FILEMONI

**UHLU LOKUPHAKATHI**


Ukubingelela (1-3)
Uthando nokholo lukaFilemoni (4-7)
UPawulu uncengela u-Onesimu (8-22)
Imikhonzo (23-25)


**1** UPawulu, isiboshwa[a] nge-
nxa kaKristu Jesu, noThimo-
thewu[b] umfowethu, kuFilemoni
isisebenzi esithandekayo esika-
nye naso, **2** naku-Apifiya uda-
dewethu, naku-Arkiphu[c] iso-
sha esikanye nalo, nasebandle-
ni elisendlini yakho:[d]
**3** Kwangathi ungathola umu-
sa omkhulu* nokuthula okuvela
kuNkulunkulu uBaba wethu na-
seNkosini uJesu Kristu.
**4** Ngihlale ngimbonga uNku-
lunkulu wami uma ngikhuluma
ngawe emithandazweni yami,[e]
**5** njengoba ngiqhubeka ngi-
zwa ngokholo nothando ona-
lo ngeNkosi uJesu nangabo
bonke abangcwele. **6** Ngitha-
ndazela ukuba ukuhlanganyela
kwakho okholweni kukwenze
uvume zonke izinto ezinhle esi-
nazo ngoKristu. **7** Ngoba nga-
thola injabulo nenduduzo
enkulu ngokuzwa ngothando
lwakho, ngenxa yokuthi izinhli-
ziyo* zabangcwele ziye zavuse-
leleka ngawe, mzalwane.
**8** Ngenxa yalesi sizathu, na-
kuba nginenkululeko enkulu
ngoKristu yokukuyala uku-
ba wenze okufanele, **9** nokho
ngincamela ukukunxusa ngesi-
sekelo sothando, njengoba ngi-
nguPawulu indoda esikhuli-
le, yebo, manje futhi eyisibo-
shwa ngenxa kaKristu Jesu.
**10** Ngikunxusa ngokuphathe-
lene nomntanami engaba uyise[a]
kuye lapho ngisejele,* u-One-
simu.[b] **11** Wayengelona usizo
kuwe kodwa manje usewusizo
kimi nakuwe. **12** Ngimbuyise-
la kuwe, yebo yena, inhliziyo
yami uqobo.*
**13** Ngingathanda ukumgci-
na ngapha ukuze angikho-
nze esikhundleni sakho njengo-
ba ngiboshiwe ngenxa yezinda-
ba ezinhle.[c] **14** Kodwa angifu-
ni ukwenza lutho ngapha-
ndle kwemvume yakho, uku-
ze isenzo sakho esihle singe-
nziwa ngempoqo kodwa ngoku-
zithandela kwakho.[d] **15** Mhla-
wumbe ngempela kungalesi si-
zathu eqa okwesikhashana,*
ukuze uphinde ube naye phaka-
de, **16** engasesona isigqila[e]
kodwa esengaphezu kwesigqi-
la, esengumfowethu othande-
kayo,[f] ikakhulukazi kimi, ko-
dwa kakhulu kangakanani-ke
kuwe, enyameni naseNkosini.
**17** Ngakho, uma ungibheka
njengomngani,* mamukele ngo-
musa ngendlela obuyongamu-
kela ngayo. **18** Ngaphezu kwa-

---

**3** *Noma, "umusa ongafanelwe." **7** *Noma, "uthando lomzwelo."

**10** *NgesiGreki, "ngiboshiwe." **12** *Noma, "uthando lwami lomzwelo." **15** *NgesiGreki, "ihora." **17** *NgesiGreki, "njengohlanganyela kanye nawe."

---

*a* Efe 4:1
*b* IzE 16:1, 2; Heb 13:23
*c* Kol 4:17
*d* Rom 16:5; 1Ko 16:19
*e* Efe 1:15, 16; 1Th 1:2

**Uhla 2**
*a* 1Ko 4:15
*b* Kol 4:9
*c* Efe 6:19, 20; Flp 1:7
*d* 2Ko 9:7
*e* 1Ko 7:22
*f* 1Ti 6:2

lokho, uma ekonile nganoma
iyiphi indlela noma ekukwele-
ta noma yini, kwenze kube yisi-
kweletu sami. **19** Mina Pawu-
lu ngibhala ngesandla sami
siqu: ngizokukhokhela—nginga-
sayiphathi eyokuthi ungikwe-
leta ngisho noqobo lwakho.
**20** Yebo, mfowethu, kwanga-
thi ngingathola lolu sizo kuwe
ngokuqondene neNkosi; vusele-
la inhliziyo yami* ngoKristu.

**21** Ngikubhalela lokhu ngi-
qiniseka ukuthi uzolalela, ngi-
yazi ukuthi uzokwenza ngisho
nangaphezu kwalokhu engiku-
shoyo. **22** Kodwa kanye nalo-
kho, ngilungisele nendawo yo-
kuhlala, ngoba ngithemba uku-
thi ngemithandazo yenu ngizo-
buyiselwa kini.*[a]

**23** Abakhonzayo kuwe ngu-
Ephafra,[b] isiboshwa esikanye
nami kuKristu Jesu, **24** kanye
noMarku, u-Aristarku,[c] uDe-
ma[d] noLuka,[e] izisebenzi engika-
nye nazo.

**25** Umusa omkhulu* weNko-
si uJesu Kristu ube nomoya
eniwubonisayo.

**Uhla 2**

*a* Flp 2:24
*b* Kol 1:7; Kol 4:12, 13
*c* IzE 19:29; IzE 27:2; Kol 4:10
*d* 2Ti 4:10
*e* Kol 4:14

**20** *Noma, "uthando lwami lomzwelo."

**22** *Noma, "ngizokhululelwa nina." **25** *Noma, "Umusa ongafanelwe."

KUMA-

# HEBHERU

UHLU LOKUPHAKATHI


1 UNkulunkulu ukhuluma ngeNdodana yakhe (1-4)
INdodana iphakeme kunezingelosi (5-14)

2 Naka ngaphezu kokujwayelekile (1-4)
Zonke izinto zingaphansi kukaJesu (5-9)
UJesu nabafowabo (10-18)
UMmeli Oyinhloko wensindiso yawo (10)
Umpristi ophakeme onesihe (17)

3 UJesu mkhulu kunoMose (1-6)
Zonke izinto zakhiwe uNkulunkulu (4)
Isixwayiso ngokuntula ukholo (7-19)
"Uma nilalela izwi lakhe namuhla" (7, 15)

4 Ingozi yokungangeni ekuphumuleni kukaNkulunkulu (1-10)
Isikhuthazo sokungena ekuphumuleni kukaNkulunkulu (11-13)
Izwi likaNkulunkulu liyaphila (12)
UJesu, umpristi ophakeme omkhulu (14-16)

5 UJesu mkhulu kunabapristi abaphakeme abangabantu (1-10)
Ngokwendlela kaMelkhizedeki (6, 10)
Wafunda ukulalela ngokuhlupheka (8)
Kutholakala insindiso yaphakade ngenxa yakhe (9)
Isixwayiso ngokungavuthwa (11-14)

6 Phokophelani ekuvuthweni (1-3)
Labo abawayo baphinde babethele iNdodana esigxotsheni (4-8)
Qinisekisani ithemba lenu (9-12)
Ukuqiniseka kwesithembiso sikaNkulunkulu (13-20)
Isithembiso nesifungo sikaNkulunkulu akunakuguqulwa (17, 18)

7 UMelkhizedeki, inkosi nompristi ohlukile (1-10)
Ukuphakama kobupristi bukaKristu (11-28)
UKristu ukwazi ukusindisa ngokuphelele (25)

8 Itabernakele lifanekisela izinto zasezulwini (1-6)
Kuqhathaniswa isivumelwano esidala nesisha (7-13)

9 Inkonzo engcwele endaweni engcwele esemhlabeni (1-10)
UKristu ungena ezulwini negazi lakhe (11-28)
Umlamuleli wesivumelwano esisha (15)

10 Imihlatshelo yezilwane ayisebenzi (1-4)
UMthetho uyisithunzi (1)
Umhlatshelo kaKristu wanikelwa kwaba kanye kuphela (5-18)
Indlela entsha nephilayo yokungena (19-25)
Singakuyeki ukuhlangana ndawonye (24, 25)
Isixwayiso ngesono samabomu (26-31)
Isibindi nokholo lokukhuthazela (32-39)

11 Incazelo yokholo (1, 2)
Izibonelo zokholo (3-40)
Akwenzeki ukujabulisa uNkulunkulu ngaphandle kokholo (6)

12 UJesu, uMphelelisi wokholo lwethu (1-3)
Ifu elikhulu lofakazi (1)
Ungasilulazi isiyalo esivela kuJehova (4-11)
Hambani endleleni eqondile (12-17)
Ukusondela eJerusalema lasezulwini (18-29)

13 Izikhuthazo zokugcina nemikhonzo (1-25)
Ningakukhohlwa ukwamukela izivakashi (2)
Umshado mawuhlonishwe (4)
Lalelani abaholayo (7, 17)
Nikelani umhlatshelo wokudumisa (15, 16)


**1** Kudala uNkulunkulu wakhu-
luma nokhokho bethu ese-
benzisa abaprofethi izikhathi
eziningi nangezindlela eziningi.[a]
**2** Manje ekupheleni kwalezi zi-
nsuku ukhulume nathi esebe-
nzisa iNdodana,[b] ayimise uku-
ba ibe yindlalifa yezinto zo-
nke,[c] naleyo enza ngayo izimi-
so zezinto.*[d] **3** Iwukubonakali-
swa kwenkazimulo kaNkulunku-
lu[e] nomfanekiso ofana ncama-
shi naye uqobo,[f] futhi isekela
zonke izinto ngezwi lamandla
ayo. Futhi ngemva kokuba ihla-
nze izono zethu,[g] yahlala phansi
ngakwesokudla soMkhulu enda-
weni ephakeme.[h] **4** Ngakho isi-
ye yaba ngcono kunezingelosi,[i]
ngezinga lokuthi yazuza njenge-
fa igama elihle kakhulu kune-
lazo.[j]

**5** Ngokwesibonelo, iyiphi ezi-
ngelosini uNkulunkulu ake wa-
thi kuyo: "Wena uyindodana
yami; namuhla ngikuzele"?[k] Wa-
phinde wathi: "Ngiyoba uyi-
se, yona ibe yindodana yami"?[a]
**6** Kodwa lapho ephinda eletha
iZibulo lakhe[b] emhlabeni owa-
khiwe, uthi: "Zonke izingelosi zi-
kaNkulunkulu mazimkhotha-
mele."

**7** Uphinde athi ngezingelo-
si: "Wenza izingelosi zakhe zibe
yimimoya nezikhonzi* zakhe[c]
zibe yilangabi lomlilo."[d] **8** Ko-
dwa ngeNdodana uthi: "UNku-
lunkulu uyisihlalo sakho sobu-
khosi[e] kuze kube phakade na-
phakade, futhi intonga yoMbu-
so wakho iyintonga yobuqo-
tho.* **9** Wathanda ukulunga,
wazonda ukuphula umthetho.
Yingakho uNkulunkulu, uNku-
lunkulu wakho, akugcoba[f] nga-
mafutha okwethaba ukudlu-
la abangani bakho."[g] **10** Ubu-
ye athi: "Ekuqaleni, wena Nko-
si, wabeka izisekelo zomhlaba,
futhi amazulu awumsebenzi
wezandla zakho. **11** Kuyosha-
balala, kodwa wena uyohlale

1:2 *Noma, "izinkathi."

1:7 *Noma, "nezikhonzi zomphakathi."
1:8 *Noma, "yobulungisa."

ISAHL. 1
a Eks 24:3; Num 12:8; Jer 7:25
b Mat 17:5
c Hu 2:8
d Joh 1:3; 1Ko 8:6; Kol 1:16
e Joh 1:14; Joh 17:5
f Kol 1:15
g Heb 9:26
h Hu 110:1; IzE 2:32, 33; IzE 7:55
i Efe 1:20, 21; 1Pe 3:22
j IzE 4:12; Flp 2:9, 10
k Hu 2:7

Uhla 2
a 2Sa 7:14; Mar 1:11; Luk 9:35; 2Pe 1:17
b Joh 1:14; Rom 8:29; Kol 1:15
c Hu 91:11; Luk 22:43
d Hu 104:4
e Mat 28:18; IsA 3:21
f Isay 61:1; Luk 3:21, 22; Luk 4:18
g Hu 45:6, 7

ukhona; konke kuyoguga nje-
ngengubo nje, **12** uyokusonga
njengesambatho, njengengubo
futhi kuyoshintshwa. Kodwa
wena awushintshi, awunasi-
phetho.”[a]

**13** Kodwa iyiphi ezingelosi-
ni ake athi ngayo: “Hlala nga-
kwesokudla sami, ngize ngibe-
ke izitha zakho zibe yisenabe-
lo sezinyawo zakho”?[b] **14** Azi-
yona yini zonke imimoya eni-
kela inkonzo engcwele,*[c] ethu-
nyelwe ukukhonza ngenxa ya-
labo abayozuza insindiso?

**2** Yingakho kudingekile uku-
ba sizinake ngaphezu ko-
kujwayelekile izinto esizizwile,[d]
ukuze singalokothi sikhukhule-
ke.[e] **2** Ngoba uma izwi elakhu-
lunywa ngezingelosi[f] laba eliqi-
nisekile, futhi zonke izoni na-
bantu abangalaleli bathola
isijeziso ngokuvumelana nobu-
lungisa,[g] **3** thina siyophunyu-
ka kanjani uma siyishaye indi-
va insindiso enkulu kanga-
ka?[h] Ngoba yiNkosi yethu eya-
qala ukukhuluma ngale nsindi-
so[i] futhi basiqinisekisa ngayo
labo abayizwa iNkosi, **4** kuyi-
lapho uNkulunkulu ehlanga-
nyela ekufakazeni ngezibona-
kaliso nangezimangaliso nemi-
sebenzi yamandla ehlukahluke-
ne[j] nangomoya ongcwele owa-
biwa ngokwentando yakhe.[k]

**5** Ngoba uNkulunkulu akabe-
kanga izingelosi ukuba zibu-
se umhlaba ozayo,[l] lo esikhulu-
ma ngawo. **6** Kodwa endaweni
ethile ufakazi othile wathi: “Uyi-
ni umuntu ukuba umkhumbule,
noma indodana yomuntu uku-
ba uyinakekele?[m] **7** Wamenza
waba ngaphansana kwezingelo-
si; wamthwesa umqhele wenka-
zimulo nodumo, futhi wammisa
phezu kwemisebenzi yezandla
zakho. **8** Zonke izinto wazibe-
ka ngaphansi kwezinyawo za-
khe.”[a] Ngokubeka zonke izinto
ngaphansi kwakhe,[b] uNkulunku-
lu akashiyanga lutho lungekho
ngaphansi kwakhe.[c] Nokho, ma-
nje asikaziboni zonke izinto zi-
ngaphansi kwakhe.[d] **9** Kodwa
siyambona uJesu, owenziwa
waba ngaphansana kwezingelo-
si,[e] manje osethweswe umqhe-
le wenkazimulo nodumo ngoba
eye wafa,[f] ukuze ngomusa om-
khulu kaNkulunkulu anambithe
ukufa ngenxa yawo wonke umu-
ntu.[g]

**10** Ngoba kwakufanele uku-
ba Lowo izinto zonke ezikhona
ngenxa yakhe futhi ezikhona
ngaye, lapho eletha amadodana
amaningi enkazimulweni,[h] enze
uMmeli Oyinhloko wensindiso
yawo[i] aphelele ngezinhluphe-
ko.[j] **11** Ngoba lowo ongcweli-
sayo nalabo abangcweliswa-
yo[k] bonke bavela koyedwa,[l] fu-
thi ngenxa yalesi sizathu aka-
namahloni okubabiza ngoku-
thi abafowethu,[m] **12** njengoba
ethi: “Ngizomemezela igama la-
kho kubafowethu; ngizokudu-
misa ngengoma phakathi kwe-
bandla.”[n] **13** Aphinde athi:
“Ngizothembela kuye.”[o] Athi fu-
thi: “Bheka! Mina nabantwana
uJehova* angiphe bona.”[p]

**14** Ngakho-ke, njengoba ‘aba-
ntwana’ bengabantu begazi ne-
nyama,* naye ngokufanayo waba
umuntu wegazi nenyama,#[q] uku-
ze ngokufa kwakhe amenze
ize lowo onendlela yokubange-
la ukufa,[r] okungukuthi, uDeveli,[s]
**15** futhi akhulule bonke labo
ababeyizigqila ukuphila kwabo
konke ngenxa yokwesaba

**1:14** *Noma, “yomphakathi.”

**2:13** *Bheka iSithasiselo A5. **2:14** *NgesiGreki, “bengabahlanganyeli begazi nenyama.” #NgesiGreki, “naye wahlanganyela izinto ezifanayo.”

ISAHL. 1
*a* Hu 102:25-27
*b* Hu 110:1; Mat 22:44
*c* Hu 34:7; Hu 91:11; IzE 5:18, 19

ISAHL. 2
*d* Luk 8:15
*e* Hu 73:2; Heb 3:12; 2Pe 3:17
*f* Gal 3:19
*g* Dut 4:3; Jud 5
*h* Heb 10:28, 29
*i* Mar 1:14
*j* IzE 2:22
*k* 1Ko 12:11
*l* IzE 17:31; 2Pe 3:13
*m* Hu 144:3

Uhla 2
*a* Hu 8:4-6
*b* Mat 28:18; 1Ko 15:27; Efe 1:22
*c* 1Pe 3:22
*d* Hu 110:1
*e* Flp 2:7
*f* IsA 5:9
*g* Isay 53:5, 8; Rom 5:17; 1Ti 2:5, 6
*h* Rom 8:18, 19; 2Ko 6:18
*i* IzE 5:31; Heb 12:2
*j* Luk 24:26; Heb 5:8
*k* Joh 17:19; Heb 10:14
*l* Joh 20:17
*m* Mat 12:50; Rom 8:29
*n* Hu 22:22
*o* Isay 8:17
*p* Isay 8:18
*q* Joh 1:14
*r* Job 1:19
*s* Gen 3:15; Luk 10:18; Joh 8:44; 1Jo 3:8; IsA 12:9

ukufa.[a] **16** Ngoba akuzona ngempela izingelosi azisizayo, kodwa usiza inzalo* ka-Abrahama.[b] **17** Ngenxa yalokho, kwakumele abe 'njengabafowabo' ezicini zonke,[c] ukuze abe umpristi ophakeme onesihe nothembekile ezintweni eziphathelene noNkulunkulu, ukuze anikele umhlatshelo oyisihlawulelo[d] ngenxa yezono* zabantu.[e] **18** Njengoba naye ahlupheka lapho evivinywa,[f] uyakwazi ukusiza labo abavivinywayo.[g]

**3** Ngenxa yalokho, bazalwane abangcwele, bahlanganyeli bobizo lwasezulwini,*[h] cabangani ngomphostoli nompristi ophakeme esimvumayo#—uJesu.[i] **2** Wayethembekile kuLowo owambeka,[j] njengoba noMose ayethembekile kuyo yonke indlu yaLowo.[k] **3** Ngoba ubalwa* njengofanelwe yinkazimulo[l] engaphezu kwekaMose, njengoba lowo owakha indlu enodumo ngaphezu kwaleyo ndlu. **4** Yebo, yileyo naleyo ndlu yakhiwa othile, kodwa owakha zonke izinto uNkulunkulu. **5** Manje uMose wayethembekile njengesikhonzi kuyo yonke indlu yaLowo njengobufakazi bezinto* ezaziyoshiwo ngokuhamba kwesikhathi, **6** kodwa uKristu wayethembekile njengendodana[m] phezu kwendlu kaNkulunkulu. Siyindlu yaKhe,[n] uma ngempela sibambelela ngokuqinile enkululekweni yethu yokukhuluma nasethembeni esiziqhayisa ngalo kuze kube sekupheleni.

**7** Ngakho-ke, njengoba nje umoya ongcwele usho[a] uthi, "Uma nilalela izwi lakhe namuhla, **8** ningazenzi lukhuni izinhliziyo zenu njengalapho ningithukuthelisa kakhulu, njengasosukwini lokungivivinya ehlane,[b] **9** lapho okhokho benu bengivivinya futhi bengilinga, nakuba babeyibonile imisebenzi yami iminyaka engu-40.[c] **10** Yingakho ngasenyanya lesi sizukulwane futhi ngathi: 'Sihlale siphambuka ezinhliziyweni zaso, asikazazi izindlela zami.' **11** Ngakho ngafunga ngithukuthele ngathi, 'Ngeke singene ekuphumuleni kwami.' "[d]

**12** Qaphelani bazalwane, ngoba ngiyesaba ukuthi kungase kukhule komunye wenu inhliziyo embi entula ukholo ngenxa yokuhlehla kuNkulunkulu ophilayo;[e] **13** kodwa qhubekani nikhuthazana usuku ngalunye, uma nje kusathiwa "Namuhla,"[f] ukuze kungabi namuntu kini owenziwa lukhuni ngamandla okukhohlisa esono. **14** Ngoba eqinisweni sizothola lokho uKristu akuthola* kuphela uma sibambelela ngokuqinile, kuze kube sekupheleni, ekuqinisekeni esasinakho ekuqaleni.[g] **15** Njengoba kuthiwa, "Uma nilalela izwi lakhe namuhla, ningazenzi lukhuni izinhliziyo zenu njengalapho ningithukuthelisa kakhulu."[h]

**16** Ngoba obani abezwa kodwa bamvusela intukuthelo enkulu? Eqinisweni, kwakungebona yini bonke labo abaphuma eGibhithe beholwa uMose?[i] **17** Ngaphezu kwalokho, obani uNkulunkulu abenyanya iminyaka engu-40?[j] Kwakungebona yini labo abona, bafela ehla-

ISAHL. 2
a Isay 25:8; Rom 8:20, 21; 1Ko 15:26
b Gal 3:29
c Flp 2:7
d Rom 3:25; 1Jo 2:1, 2; 1Jo 4:10
e Rom 5:10
f Heb 4:15
g Heb 7:25; IsA 3:10

ISAHL. 3
h Flp 3:14; 1Th 2:12
i Heb 8:1
j Joh 8:29
k Num 12:7
l Mat 17:1, 2
m Mat 17:5
n 1Pe 2:5

Uhla 2
a 2Sa 23:2; IzE 1:16
b Eks 17:7
c Eks 16:35; Num 32:13; Hu 95:9
d Num 14:22, 23; Hu 95:7-11
e Heb 2:1
f Hu 95:7
g IsA 2:10
h Hu 95:7, 8
i Eks 17:1-3; Num 14:2, 4
j Num 14:11; Dut 32:21

**2:16** *NgesiGreki, "imbewu." **2:17** *Noma, "umhlatshelo ohlawulela izono; inhlawulo yezono." **3:1** *Noma, "besimemo sasezulwini." #Noma, "esimqaphelayo." **3:3** *Okuwukuthi, uJesu. **3:5** *Noma, "njengofakazi wezinto."

**3:14** *Noma, "sihlanganyela noKristu."

ne?[a] **18** Obani afunga kubo
ukuthi ngeke bangene ekuphu-
muleni kwakhe? Kwakungebo-
na yini labo abangalalelanga?
**19** Ngakho siyabona ukuthi
abangenanga, ngenxa yokuntu-
la ukholo.[b]

**4** Ngakho-ke, njengoba sise-
khona isithembiso soku-
ngena ekuphumuleni kwakhe,
masiqaphele* ukuba phaka-
thi kwethu, kungabi namu-
ntu ongase abonakale engasi-
fanelekele.[c] **2** Ngoba izindaba
ezinhle zimenyezelwe nakithi,[d]
njengoba nje zamenyezelwa na-
kubo; kodwa izwi abalizwa ali-
basizanga, ngoba bona babe-
ngenalo ukholo olufana nolwa-
labo abalalela. **3** Ngoba thina
esibonise ukholo siyangena ku-
lokho kuphumula, njengoba nje
eshilo: "Ngakho ngafunga ngi-
thukuthele ngathi, 'Ngeke ba-
ngene ekuphumuleni kwami,' "[e]
nakuba imisebenzi yakhe ya-
qedwa kusukela ekusungulwe-
ni kwezwe.[f] **4** Ngoba kwenye
indawo washo kanje ngoku-
qondene nosuku lwesikhombi-
sa: "Futhi uNkulunkulu wa-
phumula ngosuku lwesikho-
mbisa kuyo yonke imisebenzi
yakhe,"[g] **5** uyaphinda futhi la-
pha uthi: "Ngeke bangene eku-
phumuleni kwami."[h]

**6** Ngakho-ke, njengoba ku-
basalele abanye ukungena ku-
kho, futhi labo izindaba ezi-
nhle ezamenyezelwa kubo ku-
qala bengazange bangene nge-
nxa yokungalaleli,[i] **7** uphinde
aphawule usuku oluthile ngo-
kusho ngemva kwesikhathi esi-
de ehutsheni likaDavide ukuthi,
"Namuhla"; njengoba nje kushi-
wo ngenhla ukuthi, "Uma nje
ningalalela izwi lakhe namuhla,
ningazenzi lukhuni izinhliziyo
zenu."[a] **8** Ngoba uma uJoshu-
wa[b] ayebaholele endaweni yo-
kuphumula, ngabe uNkulunku-
lu akakhulumanga ngokuqo-
ndene nolunye usuku kamu-
va. **9** Ngakho, abantu baka-
Nkulunkulu basalelwe ukuphu-
mula kwesabatha.[c] **10** Umu-
ntu ongene ekuphumuleni ku-
kaNkulunkulu naye uye waphu-
mula emisebenzini yakhe, nje-
ngoba nje noNkulunkulu eye
waphumula kweyakhe.[d]

**11** Ngakho-ke, masenze ko-
nke okusemandleni ethu uku-
ze singene kulokho kuphu-
mula, ukuze kungabi namu-
ntu owela endleleni efanayo yo-
kungalaleli.[e] **12** Ngoba izwi li-
kaNkulunkulu liyaphila, lina-
mandla[f] futhi libukhali kunano-
ma iyiphi inkemba[g] esika nhla-
ngothi zombili, lihlaba kuze ku-
hlukane umphefumulo* nomo-
ya,* amalunga nomnkantsha,
futhi liyakwazi ukuqonda imi-
cabango nezinhloso zenhlizi-
yo. **13** Akukho ndalo esitheki-
le emehlweni akhe,[h] kodwa zo-
nke izinto azifihlekile futhi zi-
sobala emehlweni alowo oku-
mele siziphendulele kuye.[i]

**14** Ngakho-ke, njengoba si-
nompristi ophakeme omkhulu
odabule amazulu, uJesu iNdo-
dana kaNkulunkulu,[j] masiba-
mbelele ekumvumeni kwe-
thu obala.[k] **15** Ngoba umpri-
sti wethu ophakeme akayena
ongenakuzwelana nobuthaka-
thaka bethu,[l] kodwa ungovivi-
nyiwe ezicini zonke njengathi,
kodwa ongenasono.[m] **16** Nga-
kho-ke, masisondele esihlalwe-
ni sobukhosi somusa omkhu-
lu ngenkululeko yokukhulu-
ma,[n] ukuze sithole isihe nomu-
sa omkhulu wokusisiza ngesi-
khathi esifanele.

4:1 *NgesiGreki, "masesabe."

4:12 *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

ISAHL. 3
a Num 14:22, 23; Num 14:28-30; Jud 5
b Heb 4:6

ISAHL. 4
c Heb 3:12, 13
d Mat 4:23; IzE 15:7; Kol 1:23
e Hu 95:11; Heb 3:11
f Eks 31:17
g Gen 2:2, 3
h Hu 95:11
i Num 14:30; Dut 31:27

Uhla 2
a Hu 95:7, 8
b Eks 24:13; Dut 1:38
c Mar 2:28
d Gen 2:2, 3
e Hu 95:11
f Jer 23:29; 1Th 2:13
g Efe 6:17
h Hu 7:9; Hu 90:8; IzA 15:11
i IzE 17:31; Rom 2:16; Rom 14:12
j Mar 1:11
k Heb 10:23
l Isay 53:4; Heb 2:17
m Heb 7:26; 1Pe 2:22
n Efe 3:11, 12; Heb 10:19-22

**5** Ngoba yilowo nalowo mpri-
sti ophakeme othathwa ku-
bantu umiswa ngenxa yabo
phezu kwezinto eziphathelene
noNkulunkulu,[a] ukuze anike-
le izipho nemihlatshelo ngenxa
yezono.[b] **2** Uyakwazi ukuse-
benzelana ngozwela* nabange-
nalwazi nabaphambukayo, nje-
ngoba naye enobuthakathaka#
bakhe, **3** futhi ngenxa yalo-
kho kumele azenzele iminikelo
ngenxa yezono zakhe njengoba
nje enza nangenxa yezesizwe.[c]
**4** Umuntu akazithatheli lolu
dumo ngokuzithandela, kodwa
uluthola lapho ebizwa uNku-
lunkulu, njengoba nje u-Aroni
abizwa.[d] **5** Kanjalo noKristu
akazikhazimulisanga yena ngo-
kuba umpristi ophakeme,[e] ko-
dwa wakhazinyuliswa yiLowo
owathi kuye: "Wena uyindoda-
na yami; namuhla ngikuzele."[f]
**6** Njengoba esho futhi kwe-
nye indawo, "Wena ungumpri-
sti kuze kube phakade ngokwe-
ndlela kaMelkhizedeki."[g]
**7** Ngesikhathi esaphila em-
hlabeni, uKristu wanxusa we-
nza nezicelo, ngokukhala oku-
khulu nangezinyembezi,[h] kuLo-
wo owayekwazi ukumsindisa
ekufeni, futhi wazwiwa ngomu-
sa ngenxa yokwesaba kwakhe
uNkulunkulu. **8** Nakuba aye-
yindodana, wafunda ukulale-
la ezintweni ahlupheka ngazo.[i]
**9** Futhi ngemva kokuba enziwe
waphelela,[j] bonke abamlalelayo
babengathola insindiso yapha-
kade ngenxa yakhe,[k] **10** ngo-
ba wabekwa uNkulunkulu uku-
ba abe ngumpristi ophakeme
ngokwendlela kaMelkhizedeki.[l]
**11** Sinokuningi esingakusho
ngaye futhi kunzima uku-
kuchaza, ngoba seniye naba
buthuntu ekuzweni. **12** Ngo-
ba, nakuba bekufanele ngabe
manje seningabafundisi,* ni-
sadinga ukuba othile aphinde
anifundise kusukela ekuqale-
ni izinto zokucathula[a] zama-
zwi angcwele kaNkulunkulu,
futhi senibuyele emuva ekudi-
ngeni ubisi, hhayi ukudla oku-
qinile. **13** Ngoba wonke umu-
ntu ophuza ubisi akajwayelene
nezwi lokulunga, ngoba uyinga-
ne.[b] **14** Kodwa ukudla oku-
qinile kungokwabantu abavu-
thiwe, labo okuthe ngokusebe-
nzisa amandla abo okuqonda
bawenza aqeqeshelwa ukuhlu-
kanisa okulungile nokungalu-
ngile.

**6** Ngakho-ke, njengoba sesi-
dlulile emfundisweni yoku-
qala[c] ephathelene noKristu,
masizabalazele ukuvuthwa,[d] si-
ngalokhu sifunda izinto eziyi-
sisekelo, okungukuthi, ukuphe-
nduka emisebenzini efile no-
kholo kuNkulunkulu, **2** imfu-
ndiso ngobhapathizo nokubeka
izandla,[e] uvuko lwabafile[f] nesa-
hlulelo saphakade. **3** Futhi lo-
khu sizokwenza, uma ngempe-
la uNkulunkulu evuma.
**4** Ngoba ngokuqondene nala-
bo asebeke bakhanyiselwa,[g] fu-
thi asebeye banambitha isipho
sesihle sasezulwini, baba aba-
hlanganyeli bomoya ongcwele,
**5** banambitha izwi elihle lika-
Nkulunkulu namandla esimiso
sezinto esizayo,* **6** kodwa aba-
ye bawa,[h] akunakwenzeka uku-
ba bavuselwe ekuphendukeni
futhi, ngoba baphinde bazibe-
thelela iNdodana kaNkulunku-
lu esigxotsheni futhi bayihla-
za obala.[i] **7** Umhlabathi utho-
la isibusiso esivela kuNkulunku-
lu lapho uphuza imvula eye-

ISAHL. 5
a Eks 40:13
b Lev 5:6
c Lev 9:7; Lev 16:6
d Eks 28:1
e Joh 8:54
f Hu 2:7; IzE 13:33
g Hu 110:4
h Luk 22:44; Joh 12:27
i Mat 26:39; Flp 2:8
j Heb 7:28
k Joh 3:16
l Hu 110:4

Uhla 2
a Heb 6:1
b Efe 4:14

ISAHL. 6
c Heb 5:12
d 1Ko 14:20; Efe 4:13; Heb 5:14
e IzE 8:17
f Mat 22:31; Joh 5:28, 29; Joh 11:25
g Efe 1:18; Heb 10:26
h 1Jo 2:19
i Heb 10:29

**5:2** *Noma, "ngesisa; ngokulinganisela." #Noma, "ehaqwe ubuthakathaka."

**5:12** *NgesiGreki, "seningabafundisi ngenxa yesikhathi." **6:5** *Noma, "enkathi ezayo." Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

hlela kaningi phezu kwawo,
bese ukhiqiza izimila eziwusizo
kulabo abawulimayo. **8** Kodwa
uma ukhiqiza ameva namakha-
khasi, uyashiywa futhi useduze
nokuba uqalekiswe, ekugcineni
uyoshiswa.

**9** Kodwa ngokuqondene na-
ni, bathandekayo, nakuba si-
khuluma ngale ndlela ngani, si-
yaqiniseka ngezinto ezingcono,
izinto eziphathelene nensindiso.
**10** Ngoba uNkulunkulu akaye-
na ongalungile ukuba akhohlwe
umsebenzi wenu nothando ena-
lubonisa egameni lakhe,[a] ngo-
kukhonza abangcwele nangoku-
qhubeka nibakhonza. **11** Ko-
dwa sifisa ukuba ngamunye kini
abonise inkuthalo efanayo uku-
ze abe nesiqinisekiso esigcwe-
le sethemba[b] kuze kube seku-
pheleni,[c] **12** ukuze ningavila-
phi,[d] kodwa nilingise labo oku-
thi ngokholo nangokubekezela
bazuze izithembiso.

**13** Ngoba lapho uNkulunkulu
enza isithembiso sakhe ku-Abra-
hama, njengoba engekho om-
khulu kunaye ayengamfunga,
wazifunga yena ngokwakhe,[e]
**14** ethi: "Nakanjani ngiyoku-
busisa, nakanjani ngiyokwandi-
sa."[f] **15** Ngakho ngemva koku-
ba u-Abrahama ebonise ukube-
kezela, wasithola lesi sithembi-
so. **16** Ngoba abantu bafunga
umuntu omkhulu kunabo, futhi
isifungo sabo siyisiphetho sa-
kho konke ukuphikisana, nje-
ngoba siyisiqinisekiso esingo-
komthetho kubo.[g] **17** Ngendle-
la efanayo, lapho uNkulunku-
lu enquma ukukubonisa ngoku-
cace kakhudlwana ezindlalifeni
zesithembiso[h] ukungaguquleki
kwenjongo* yakhe, wayiqiniseki-
sa# ngesifungo, **18** ukuze nge-
zinto ezimbili ezingenakuguqu-
leka, okungenakwenzeka ngo-
Nkulunkulu ukuba aqambe
amanga ngazo,[a] thina esibaleke-
le esiphephelweni sithole isikhu-
thazo esinamandla sokuba si-
bambelele ngokuqinile ethe-
mbeni elibekwe phambi kwe-
thu. **19** Sinaleli themba[b] nje-
ngehange lomphefumulo,* liqi-
nisekile futhi lisenza singanga-
bazi, lingena ngaphakathi kwe-
khethini,[c] **20** lapho umandule-
li eye wangena khona ngenxa
yethu, uJesu,[d] oye waba umpri-
sti ophakeme ngokwendlela ka-
Melkhizedeki kuze kube pha-
kade.[e]

**7** Ngoba lo Melkhizedeki, inko-
si yaseSalema, umpristi ka-
Nkulunkulu oPhezukonke, wa-
hlangabeza u-Abrahama la-
pho ebuya ekubulaleni ama-
khosi wayesembusisa,[f] **2** futhi
u-Abrahama wamnika* okwe-
shumi kwayo yonke into. Oko-
kuqala, igama lakhe lihunyu-
shwa ngokuthi, 'iNkosi Yokulu-
nga,' bese futhi eba yinkosi ya-
seSalema, okungukuthi, "iNkosi
Yokuthula." **3** Njengoba enge-
nayise, engenanina, engenalo
uhlu lozalo, engenaso isiqalo
sezinsuku noma ukuphela ko-
kuphila, kodwa enziwe waba
njengeNdodana kaNkulunkulu,
uhlala engumpristi phakade.*[g]

**4** Bhekani ukuthi wayem-
khulu kangakanani lo muntu
u-Abrahama, inhloko yomnde-
ni,* amnika okweshumi empa-
ngweni engcono kakhulu.[h]
**5** Yiqiniso, ngokoMthetho, labo
abavela emadodaneni kaLevi[i]
abamukela isikhundla sabo so-
bupristi kufanele baqoqe okwe-
shumi kubantu,[j] okunguku-
thi, kubafowabo, ngisho noma

---

6:17 *Noma, "kwesinqumo." #Noma, "wangenela."

6:19 *Noma, "lokuphila kwethu." **7:2** *NgesiGreki, "wamabela." **7:3** *Noma, "ngokuqhubekayo." **7:4** *Noma, "inzalamizi."

---

ISAHL. 6
a Heb 10:32, 33
b 1Pe 1:3, 4
c Heb 3:14
d Rom 12:11; IsA 2:4
e Gen 22:16
f Gen 22:17
g Gen 31:53
h Gal 3:29

Uhla 2
a Num 23:19; Tit 1:2
b 1Pe 1:3, 4
c Lev 16:2, 12; Heb 9:7; Heb 10:19, 20
d Heb 4:14
e Hu 110:4; Heb 5:6

ISAHL. 7
f Gen 14:17-20
g Hu 110:4
h Gen 14:20
i Eks 40:12, 15
j Num 18:21, 26; Dut 14:28

nabo beyinzalo* ka-Abrahama.
**6** Kodwa lo muntu ongekho
ohlwini lozalo lwabo wathatha
okweshumi ku-Abrahama fu-
thi wabusisa lowo okwakwenzi-
we izithembiso kuye.[a] **7** Manje
akunakuphikwa ukuthi omnca-
ne ubusiswa ngomkhulu. **8** Ku-
lesi esinye isimo, ngabantu aba-
fayo abamukela okweshumi, ko-
dwa kulesi esinye, ngothile oku-
fakazwa ngaye ukuthi uyaphila.[b]
**9** Futhi kungashiwo ukuthi ngi-
sho noLevi, owamukela okwe-
shumi, uye wakhokha okwe-
shumi ngo-Abrahama, **10** ngo-
ba ukhokho wakhe wayengaka-
mzali* lapho uMelkhizedeki em-
hlangabeza.[c]

**11** Uma-ke, ukuphelela kwa-
kutholakala ngobupristi bo-
buLevi[d] (ngoba babuyingxenye
yoMthetho owanikwa isizwe),
sasiyoba khona yini isidingo
sokuba kuvele omunye um-
pristi okuthiwa ungokwendle-
la kaMelkhizedeki[e] hhayi ngo-
kwendlela ka-Aroni? **12** Ngo-
ba njengoba ubupristi bu-
shintshwa, kuba khona isidi-
ngo sokushintsha noMthetho.[f]
**13** Ngoba umuntu ezishiwo
ngokuqondene naye lezi zinto
wavela kwesinye isizwe, oku-
ngekho muntu kuso oke wakho-
nza e-altare.[g] **14** Ngoba kuso-
bala ukuthi iNkosi yethu yave-
la kwaJuda,[h] nokho uMose aka-
shongo lutho ngokuvela kwaba-
pristi kuleso sizwe.

**15** Lokhu kucaca nakakhu-
lu lapho kuvela omunye um-
pristi[i] ofana noMelkhizedeki,[j]
**16** ongabanga umpristi ngo-
komthetho womyalo oxhome-
ke enzalweni yenyama, kodwa
emandleni okuphila okungena-
kubhubhiseka.[k] **17** Ngoba ko-
munye umbhalo kuthiwa ngaye:
"Wena ungumpristi kuze kube
phakade ngokwendlela kaMe-
lkhizedeki."[a]

**18** Ngakho-ke, umyalo omda-
la ushaywa indiva ngenxa yoku-
thi awunamandla nokuthi awu-
phumeleli.[b] **19** Ngoba uMthe-
tho awuphelelisanga lutho,[c] ko-
dwa ukulethwa kwethemba eli-
ngcono,[d] esisondela ngalo ku-
Nkulunkulu, yikho okwapheleli-
sa.[e] **20** Futhi, njengoba nje lo-
khu kungenziwanga ngapha-
ndle kokufunga isifungo,
**21** (ngoba ngempela kukho-
na abantu ababe abapristi nga-
phandle kwesifungo esifungi-
we, kodwa lona ube ngumpri-
sti ngesifungo esafungwa yi-
Lowo owathi ngokuphathelene
naye: "UJehova* ufungile futhi
ngeke awushintshe umqondo,#
'Wena ungumpristi kuze kube
phakade'"),[f] **22** kanjalo uJesu
ube yisiqinisekiso* sesivume-
lwano esingcono.[g] **23** Ngaphe-
zu kwalokho, baningi okwadi-
ngeka babe abapristi ngokula-
ndelana[h] ngenxa yokuthi uku-
fa kwabavimba ukuba baqhu-
beke beyibo, **24** kodwa nge-
nxa yokuthi yena uqhubeka
ephila kuze kube phakade,[i] ake-
kho olandela esikhundleni sa-
khe sobupristi. **25** Ngakho
uyakwazi nokusindisa ngoku-
phelele labo abasondela kuNku-
lunkulu ngaye, ngoba uyaphi-
la ngaso sonke isikhathi ukuze
abancengele.[j]

**26** Kuyafaneleka ukuba sibe
nompristi ophakeme njenga-
lona, othembekile, omsulwa,
ongangcolile,[k] ohlukanisiwe ne-
zoni, futhi ophakanyiswe nga-
phezu kwamazulu.[l] **27** Ngoku-
ngafani nalabo bapristi aba-

ISAHL. 7
a Gen 12:7; Gen 14:18-20; Gen 17:6; Gen 22:17
b Heb 7:3
c Gen 14:18
d Rom 3:20; Heb 7:19; Heb 9:9; Heb 10:1
e Hu 110:4
f Rom 3:27; 1Ko 9:21; Gal 6:2; Kol 2:13, 14
g Num 18:6, 7
h Gen 49:10; Mat 1:1, 3; Luk 3:23, 33
i Heb 3:1; Heb 7:26
j Hu 110:4
k Rom 6:9; 1Ti 6:16

Uhla 2
a Hu 110:4
b Rom 8:3; Heb 9:9; Heb 13:9
c IzE 13:38, 39; Gal 2:15, 16; Heb 10:1
d 1Pe 1:3, 4
e Joh 14:6; Heb 4:16
f Hu 110:4
g Jer 31:31; Mat 26:27, 28; 1Ko 11:25; Heb 8:6; Heb 9:15; Heb 12:22, 24
h 1Kr 6:4
i Luk 1:33; Heb 7:15, 16
j Rom 8:34; 1Ti 2:5; Heb 9:24; 1Jo 2:1
k Isay 53:9; 1Pe 2:21, 22
l Efe 1:20, 21; 1Pe 3:22

**7:5** *NgesiGreki, "bephume okhalweni." **7:10** *NgesiGreki, "wayesesokhalweni lukakhokho wakhe."

**7:21** *Bheka iSithasiselo A5. #Noma, "ngeke azisole." **7:22** *Noma, "yisibambiso."

phakeme, akudingeki ukuba
anikele imihlatshelo nsuku zo-
nke,[a] ngenxa yezono zakhe
nangenxa yezabantu,[b] ngoba
lokhu wakwenza kwaba ka-
nye kuphela lapho ezinike-
la.[c] **28** Ngoba uMthetho umisa
abantu abanesono ukuba babe
abapristi abaphakeme,[d] kodwa
isifungo[e] esafungwa ngemva
koMthetho simisa iNdodana,
eyenziwe yaphelela[f] kuze kube
phakade.

**8** Manje nanti iphuzu eliyi-
nhloko lalokhu esikushoyo:
Sinompristi ophakeme onje-
ngalo,[g] futhi uye wahlala pha-
nsi ngakwesokudla sesihlalo
sobukhosi soMkhulu emazulwi-
ni,[h] **2** isikhonzi sasendaweni*
engcwele[i] nesasetendeni leqi-
niso, elamiswa uJehova,# hha-
yi umuntu. **3** Ngoba wonke
umpristi ophakeme unomsebe-
nzi wokunikela izipho nemihla-
tshelo; ngakho kwakudingeki-
le ukuba nalona abe nokuthi-
le azonikela ngakho.[j] **4** Ukube
ubesemhlabeni, ubengeke abe
ngumpristi,[k] njengoba bekhona
abantu abanikela izipho ngo-
koMthetho. **5** Laba bantu ba-
nikela inkonzo engcwele enda-
weni engumfanekiso neyisi-
thunzi[l] sezinto zasezulwini;[m]
njengoba nje kuboniswa umya-
lo uNkulunkulu awunika uMo-
se lapho esezokwakha ite-
nde: Ngoba uthi: "Qikelela uku-
thi wenza zonke izinto ula-
ndela umklamo* owawuboni-
swa entabeni."[n] **6** Kodwa ma-
nje uJesu uthole inkonzo*
enhle kakhulu ngoba futhi
ungumlamuleli[o] wesivumelwa-
no esingcono,[p] esimiswe ngo-
komthetho ezithembisweni ezi-
ngcono.[a]

**7** Ukube leso sivumelwano
sokuqala sasingenaphutha, sa-
singeke sidingeke esesibili.[b]
**8** Ngoba uthola abantu bene-
phutha lapho ethi: "'Bhekani!
Kuza izinsuku,' kusho uJeho-
va,# 'engiyokwenza ngazo isivu-
melwano esisha nendlu ka-
Israyeli nendlu kaJuda. **9** Nge-
ke sifane nesivumelwano enga-
senza nokhokho babo ngosuku
engababamba ngalo ngesandla
ngabakhipha ezweni laseGibhi-
the,[c] ngoba abaqhubekanga esi-
vumelwaneni sami, ngakho nga-
yeka ukubanakekela,' kusho
uJehova.#

**10** "'Ngoba yilesi isivumelwa-
no engiyosenza nendlu ka-Isra-
yeli ngemva kwalezo zinsu-
ku,' kusho uJehova.# 'Ngiyofa-
ka imithetho yami ezingqondwe-
ni zabo, ngiyilobe nasezinhlizi-
yweni zabo.[d] Ngiyoba nguNkulu-
nkulu wabo, bona babe ngaba-
ntu bami.[e]

**11** "'Yilowo nalowo ngeke
esafundisa isakhamuzi esika-
nye naye noma umfowabo, athi:
"Yazi uJehova!"# Ngoba bonke
bayongazi, kusukela komncane
kunabo bonke kuye komkhulu
kunabo bonke. **12** Ngoba ngi-
yoba nesihe ezenzweni zabo
ezingalungile, futhi ngeke ngi-
sazikhumbula izono zabo.'"[f]

**13** Ngokusho kwakhe ukuthi
"isivumelwano esisha," wenze
esidala sangabe sisasebenza.[g]
Manje lokho okungasasebenzi
nokugugayo kusuke sekuzosha-
balala.[h]

**9** Isivumelwano esidala sona
sasinezimfuneko ezingo-
komthetho zenkonzo engcwele
nendawo yaso engcwele[i] esem-
hlabeni. **2** Ngoba kwakhiwa
igumbi lokuqala letende okwa-
kukhona kulo uthi lwesibani[j]

---

**8:2** *Noma, "inceku yomphakathi yasendaweni." **8:2, 8-11** #Bheka iSithasiselo A5. **8:5** *Noma, "ngokwendlela." **8:6** *Noma, "inkonzo yomphakathi."

ISAHL. 7
a Num 28:3
b Lev 9:8, 15
c Rom 6:10; Heb 9:28; Heb 10:14
d Lev 16:11
e Hu 2:7; Hu 110:4
f Heb 2:10; Heb 5:9

ISAHL. 8
g Heb 3:1; Heb 7:26
h Hu 110:1; Heb 1:3
i Heb 9:8, 24
j Efe 5:2
k Heb 7:14
l Kol 2:16, 17; Heb 10:1
m Heb 9:9, 24
n Eks 25:9, 40; Eks 26:30; Num 8:4
o 1Ti 2:5
p 1Ko 11:25; Heb 7:22; Heb 9:15; Heb 12:22, 24

Uhla 2
a Hu 110:4; Rom 8:17
b Heb 7:11, 18
c Eks 12:51
d Rom 2:29
e 2Ko 6:16
f Jer 31:31-34
g Rom 10:4; Heb 7:12
h Kol 2:13, 14

ISAHL. 9
i Eks 25:8
j Num 4:9

netafula nezinkwa zokubu-
kwa;[a] futhi libizwa ngokuthi
iNdawo Engcwele.[b] **3** Kodwa
ngemva kwekhethini lesibili[c]
kwakukhona igumbi letende
elibizwa ngokuthi iNgcwele-
ngcwele.[d] **4** Lona lalinomce-
ngezi wegolide wokushisa
impepho[e] nomphongolo wesi-
vumelwano[f] onanyekwe ngego-
lide nxazonke,[g] okwakukhona
kuwo imbiza yegolide eyayine-
mana[h] kanye nenduku ka-Aroni
eyahluma imiqumbe[i] kanye na-
matshe ayizicaba[j] esivumelwa-
no; **5** ngaphezu kwawo kwa-
kukhona amakherubi akhazi-
mulayo amboze isivalo sesihla-
wulelo.*[k] Kodwa manje akuso-
na isikhathi sokukhuluma ngo-
kuningiliziwe ngalezi zinto.

**6** Ngemva kokuba lezi zinto
sezakhiwe ngale ndlela, abapri-
sti babengena egumbini loku-
qala letende njalo ukuze benze
izinkonzo ezingcwele;[l] **7** ko-
dwa umpristi ophakeme wa-
yengena yedwa egumbini le-
sibili kanye ngonyaka,[m] nokho
wayengenakungena ngapha-
ndle kwegazi,[n] alinikela nge-
nxa yakhe[o] nangenxa yezono
ezazenziwe abantu[p] ngokunga-
zi. **8** Kanjalo umoya ongcwele
ukwenza kucace ukuthi indlela
engena endaweni engcwele ya-
yingakambulwa ngesikhathi
itende lokuqala limile.[q] **9** Leli
tende liwumfanekiso wesikha-
thi samanje,[r] futhi ngokwale-
li lungiselelo, kunikelwa izi-
pho kanye nemihlatshelo.[s] No-
kho, lokhu akukwazi ukwe-
nza unembeza womuntu owe-
nza inkonzo engcwele uphele-
le.[t] **10** Kuphathelene kuphela
nokudla neziphuzo nokuzihla-
nza ngokwesiko* okuhlukahlu-
kene.[u] Kwakuyizimfuneko ezi-
ngokomthetho eziphathelene
nomzimba[a] futhi zabekwa kwa-
ze kwaba isikhathi esimisiwe
sokuqondisa izinto.

**11** Nokho, lapho uKristu efi-
ka njengompristi ophakeme
wezinto ezinhle ezase zenzeki-
le, wadabula etendeni elikhulu
neliphelele ngokwengeziwe eli-
ngenziwanga ngezandla, oku-
wukuthi, elingelona elale nda-
lo.* **12** Akangenanga endawe-
ni engcwele negazi lezimbuzi
nelamathole eduna, kodwa wa-
ngena negazi lakhe,[b] kwaba
kanye kuphela futhi wasithole-
la ukukhululwa* okuphakade.[c]
**13** Ngoba uma igazi lezimbu-
zi nelezinkunzi[d] nomlotha we-
sithole* ofafazwa kulabo aba-
ngcolisiwe kungcwelisa ukuze
kuhlanzeke inyama,[e] **14** igazi
likaKristu,[f] owathi ngomoya
waphakade wazinikela engena-
sici kuNkulunkulu, liyobahla-
nza kakhulu kangakanani one-
mbeza bethu emisebenzini efi-
le[g] ukuze sinikele inkonzo
engcwele kuNkulunkulu ophi-
layo?[h]

**15** Yingakho engumlamule-
li wesivumelwano esisha,[i] uku-
ze labo ababiziwe bamuke-
le isithembiso sefa eliphaka-
de[j] ngenxa yokuthi eye wafa
ukuze ngesihlengo[k] bakhulu-
lwe eziphambekweni zabo nga-
phansi kwesivumelwano esida-
la. **16** Ngoba lapho kukhona
khona isivumelwano, kudinge-
ka afe umenzi wesivumelwa-
no ongumuntu, **17** ngoba isi-
vumelwano sisebenza ngokufa,
njengoba singasebenzi uma nje
umenzi wesivumelwano ongu-
muntu esaphila. **18** Ngenxa
yalokho, nesivumelwano esi-

**9:5** *Noma, "indawo yesihlawulelo."
**9:10** *NgesiGreki, "nobhapathizo."

**9:11** *Noma, "elalo mhlaba." **9:12**
*NgesiGreki, "ukuhlengwa." **9:13**
*Noma, "wenkomazi esencane."

ISAHL. 9
a Eks 40:22-24
b Eks 26:33
c Eks 36:35
d Eks 26:31, 33
e Lev 16:12
IsA 8:3
f Eks 40:21
g Eks 25:10, 11
h Eks 16:33
i Num 17:10
j Eks 32:15
k Eks 25:18, 22
Num 7:89
l Lev 24:3, 4
m Lev 16:2
n Eks 30:10
Lev 16:14
o Lev 16:6, 11
p Lev 16:15
q Heb 10:19, 20
r Kol 2:16, 17
Heb 8:5
Heb 10:1
s Lev 23:37, 38
t Gal 3:21
Heb 7:11, 19
u Eks 30:17-19

Uhla 2
a Num 19:13
b Heb 12:24
Heb 13:20
c Dan 9:24
Mat 20:28
1Ti 2:5, 6
d Lev 16:6, 15
e Num 19:9,
17, 19
f 1Pe 1:18, 19
g 1Jo 1:7
h Rom 12:1
i Luk 22:20
1Ti 2:5
Heb 12:22, 24
j Rom 8:17
k Mat 20:28

dala asisebenzanga* ngapha-
ndle kwegazi. **19** Ngoba lapho
uMose esetshele bonke aba-
ntu yonke imiyalo yoMthetho,
wathatha igazi lamathole edu-
na nelezimbuzi, kanye nama-
nzi, uboya obubomvu nehi-
sopi wafafaza incwadi* naba-
ntu bonke, **20** wathi: “Leli yi-
gazi lesivumelwano uNkulu-
nkulu aniyale ukuba nisigci-
ne.”[a] **21** Ngokufanayo wafafa-
za itende nazo zonke izitsha
zenkonzo engcwele* ngegazi.[b]
**22** Yebo, cishe zonke izinto
zihlanzwa ngegazi ngokoMthe-
tho,[c] futhi ngaphandle kokuba
kuthululwe igazi akukho uku-
thethelelwa okuba khona.[d]

**23** Ngakho-ke, kwakudinge-
kile ukuba imifuziselo yezi-
nto[e] ezisezulwini ihlanzwe nga-
lezi zindlela,[f] kodwa izinto
zasezulwini zidinga okungco-
no kakhulu kunemihlatshelo.
**24** UKristu akangenanga enda-
weni engcwele eyenziwe nge-
zandla,[g] engumfanekiso woku-
ngokoqobo,[h] kodwa wangena
ezulwini ngokwalo,[i] ukuze abo-
nakale phambi* kukaNkulunku-
lu ngenxa yethu.[j] **25** Lokhu
akwenzelwanga ukuba azinike-
le kaningi, njengalapho um-
pristi ophakeme engena enda-
weni engcwele unyaka nonya-
ka[k] negazi okungelona elakhe.
**26** Ukube kwakunjalo, kwaku-
yomelwe ahlupheke kaningi ku-
sukela ekusungulweni kwezwe.
Kodwa manje uzibonakalise
kwaba kanye kuphela esiphe-
lweni sezimiso zezinto* uku-
ze asuse isono ngomhlatshelo
wakhe.[l] **27** Futhi njengoba nje
abantu bemiselwe ukuba bafe
kube kanye kuphela, kodwa
ngemva kwalokhu bahlulelwe,
**28** kanjalo noKristu wanike-
lwa kwaba kanye kuphela uku-
ze athwale izono zabaningi;[a] fu-
thi lapho efika okwesibili uyo-
be engazele ukuzosusa isono*
futhi uyobonwa yilabo abamfu-
na ngobuqotho ukuze basindi-
swe.[b]

**10** Njengoba uMthetho une-
sithunzi[c] sezinto ezi-
nhle ezizayo,[d] kodwa kungezo-
na lezo zinto uqobo, ngemihla-
tshelo efanayo enikelwa njalo
unyaka nonyaka, awusoze wa-
benza* baphelele labo abaso-
ndela kuNkulunkulu.[e] **2** Uku-
be bekunjalo, imihlatshelo ya-
yingeke yini iyeke ukunike-
lwa, ngoba labo abanikela
inkonzo engcwele asebehlanzi-
we babengeke besaba nomu-
zwa wecala ngenxa yezono
zabo? **3** Ngokuphambene na-
lokho, le mihlatshelo ikhumbu-
za ngezono unyaka nonyaka,[f]
**4** ngoba akunakwenzeka uku-
ba igazi lezinkomo nelezimbuzi
lisuse izono.

**5** Ngakho lapho efika ezwe-
ni uthi: “‘Awuzange uwufu-
ne umhlatshelo nomnikelo, ko-
dwa ungilungiselele umzi-
mba. **6** Awuzange uyamuke-
le iminikelo eshiswayo ephele-
le neminikelo yesono.’[g] **7** Nga-
kho ngathi: ‘Bheka! Ngize
ukuzokwenza intando ya-
kho (kulotshiwe ngami emqu-
lwini*), Nkulunkulu.’”[h] **8** Nge-
mva kokuthi kuqala: “Awu-
zange uyifune futhi awuza-
nge uyamukele imihlatshelo
neminikelo kanye neminikelo
eshiswayo ephelele neminikelo

ISAHL. 9
*a* Eks 24:6-8
*b* Eks 29:12; Lev 8:15
*c* Lev 17:11
*d* Lev 9:7-9
*e* Heb 8:5; Heb 9:9
*f* Lev 16:19, 20
*g* Heb 8:1, 2
*h* Kol 2:16, 17
*i* Heb 6:19, 20; Heb 9:12
*j* Lev 16:15; Rom 8:34
*k* Lev 16:2, 34
*l* Dan 9:24; Heb 7:27; 1Pe 3:18

Uhla 2
*a* Isay 53:12; Rom 6:10; 1Pe 2:24
*b* 2Ti 4:8; Tit 2:13

ISAHL. 10
*c* Heb 8:5
*d* Kol 2:16, 17
*e* Heb 7:19; Heb 9:9
*f* Lev 16:34
*g* Hu 40:6
*h* Hu 40:8

**9:18** *NgesiGreki, “asimiswanga.” **9:19** *Noma, “umqulu.” **9:21** *Noma, “yomphakathi.” **9:24** *NgesiGreki, “phambi kobuso.” **9:26** *Noma, “sezinkathi.” Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**9:28** *NgesiGreki, “ebonakala okwesibili kuyobe kungaphathelene nesono.” **10:1** *Noma kungaba, “abantu abasoze babenza.” **10:7** *NgesiGreki, “emqulwini wencwadi.”

yesono”—imihlatshelo enikelwa
ngokoMthetho— **9** ube esethi:
“Bheka! Ngize ukuzokwenza
intando yakho.”[a] Uqeda okoku-
qala ukuze amise okwesibili.
**10** Ngale ‘ntando’[b] singcwelisi-
we ngomnikelo womzimba ka-
Jesu Kristu kube kanye ku-
phela.[c]
**11** Futhi, umpristi uma enda-
weni yakhe usuku nosuku uku-
ze anikele inkonzo engcwe-
le*[d] anikele nemihlatshelo efa-
nayo kaningi,[e] engasoze yakwa-
zi ukususa izono ngokuphele-
le.[f] **12** Kodwa lo muntu wani-
kela umhlatshelo owodwa we-
zono osebenza kuze kube pha-
kade futhi wahlala ngakwesoku-
dla sikaNkulunkulu,[g] **13** kusu-
kela ngaleso sikhathi, ulindele
ukuba izitha zakhe zibekwe nje-
ngesenabelo sezinyawo zakhe.[h]
**14** Ngoba ngumnikelo owodwa
womhlatshelo enze ngawo labo
abangcweliswayo baphelela pha-
kade.[i] **15** Ngaphezu kwalokho,
umoya ongcwele nawo uyafaka-
za kithi, ngoba ngemva ko-
kuba uthe: **16** “‘Yilesi isivume-
lwano engiyosenza nabo nge-
mva kwalezo zinsuku,’ kusho
uJehova.* ‘Ngiyofaka imithetho
yami ezinhliziyweni zabo, ngiyi-
lobe nasezingqondweni zabo.’”[j]
**17** Ube sewuthi: “Ngeke ngi-
sazikhumbula izono zabo neze-
nzo zabo zokweqa umthetho.”[k]
**18** Manje lapho kukhona khona
ukuthethelelwa kwazo, awusadi-
ngeki umnikelo wesono.
**19** Ngakho-ke, bazalwane,
njengoba sinesibindi* ngokuqo-
ndene nendlela engena enda-
weni engcwele[l] ngegazi likaJe-
su, **20** asivulela yona njenge-
ndlela entsha nephilayo eda-
bula ikhethini,[m] okuwukuthi,
inyama yakhe, **21** futhi nje-
ngoba sinompristi omkhulu
phezu kwendlu kaNkulunkulu,[a]
**22** masisondele ngezinhliziyo
eziqotho nangokholo oluphe-
lele, izinhliziyo zethu zifa-
faziwe zahlanzeka kunembe-
za omubi[b] nemizimba yethu
igezwe ngamanzi ahlanzeki-
le.[c] **23** Masiphikelele ekulime-
mezeleni obala ithemba lethu
ngaphandle kokuntengante-
nga,[d] ngoba uthembekile lowo
owathembisa. **24** Futhi masi-
cabangelane* ukuze sivuselela-
ne# uthando nemisebenzi emi-
hle,[e] **25** singakuyeki ukuhla-
ngana ndawonye,[f] njengoba ku-
ngumkhuba wabanye, kodwa
sikhuthazane,[g] futhi ikakhulu
njengoba nibona usuku luso-
ndela.[h]
**26** Ngoba uma senza iso-
no ngamabomu ngemva koku-
ba sesithole ulwazi olunembi-
le lweqiniso,[i] awusekho umhla-
tshelo wesono osele,[j] **27** ko-
dwa ngokwesaba silindele isa-
hlulelo nentukuthelo evutha
njengomlilo eyodla labo aba-
phikisayo.[k] **28** Noma ubani
oye wangawunaka uMthetho
KaMose ufa ngaphandle koku-
hawukelwa ngobufakazi baba-
bili noma abathathu.[l] **29** Ni-
cabanga ukuthi uyofanelwa
isijeziso esikhulu kangakana-
ni umuntu onyathele iNdoda-
na kaNkulunkulu futhi walibhe-
ka njengento evamile igazi lesi-
vumelwano[m] angcweliswa nga-
lo, nothukuthelise umoya wo-
musa omkhulu ngokwedelela?[n]
**30** Ngoba siyamazi Lowo owa-
thi: “Impindiselo ingeyami; ngi-
zobuyisela mina.” Wathi futhi:
“UJehova* uyokwahlulela aba-
ntu bakhe.”[o] **31** Kuyinto esa-

ISAHL. 10
a Hu 40:6-8
b Gal 1:4
c Heb 13:12
d 1Sa 2:27, 28
e Eks 29:38; Num 28:3
f Heb 7:18; Heb 10:1
g Rom 8:34
h Hu 110:1; 1Ko 15:25
i Heb 7:19
j Jer 31:33; Heb 8:10
k Jer 31:34; Heb 8:12
l Heb 9:8, 24
m Mat 27:51

Uhla 2
a Zak 6:13; Heb 3:6
b 1Jo 1:7
c Efe 5:25, 26
d 1Ko 15:58; Kol 1:23
e Kol 3:23; 1Ti 6:18
f Dut 31:12; IzE 2:42
g Isay 35:3; Rom 1:11, 12
h Rom 13:11; 2Pe 3:11, 12
i 2Pe 2:21
j Mat 12:32; Heb 6:4-6; 1Jo 5:16
k Isay 26:11
l Dut 17:6
m Mat 26:27, 28; Luk 22:20
n Heb 6:4-6
o Dut 32:35, 36

**10:11** *Noma, “ enze inkonzo yomphakathi.” **10:16, 30** *Bheka iSithasiselo A5. **10:19** *Noma, “sizethemba.”

**10:24** *Noma, “masikhathalelane; masinakane.” *Noma, “sishukumise; sikhuthaze.”

bekayo ukuwela ezandleni zika-
Nkulunkulu ophilayo.
**32** Ningayikhohlwa indlela
enakhuthazelela ngayo izinto
eziningi naphezu kwezinhlu-
pheko, ngemva kokuba se-
nikhanyiselwe.[a] **33** Ngezinye
izikhathi nanenekwa obala*
esihlambeni nasezinsizini, fu-
thi ngezinye izikhathi nani-
hlanganyela# nalabo ababebhe-
kene nokunjalo. **34** Nabonisa
uzwela kulabo abasejele futhi
nakwamukela ngenjabulo uku-
phangwa kwezinto zenu,[b] nazi
ukuthi nina ninempahla engco-
no nehlalayo.[c]
**35** Ngakho-ke, ningayeki
ukukhuluma ngesibindi,* nje-
ngoba kunomvuzo omkhu-
lu okuzokhokhelwa kona.[d]
**36** Ngoba ninesidingo soku-
khuthazela,[e] ukuze ngemva ko-
kuba seniyenzile intando ka-
Nkulunkulu, nizitholele lo-
kho uNkulunkulu akuthembisi-
le. **37** Ngoba kusele "isikhathi
esincane kakhulu,"[f] futhi "lowo
ozayo uzofika, ngeke alibale."[g]
**38** "Kodwa olungile wami uyo-
phila ngenxa yokholo,"[h] futhi,
"uma ehlehlela emuva, angija-
buli ngaye."[i] **39** Asilona uhlo-
bo oluhlehlela emuva ekubhuji-
sweni,[j] kodwa siluhlobo oluno-
kholo ukuze kulondwe ukuphi-
la kwethu.

**11** Ukholo luwukuqiniseka
ngokugcwele ukuthi lo-
kho okuthenjwayo[k] kuyokwe-
nzeka, ubufakazi obucaci-
le* bokuthi lokho ongakubo-
ni empeleni kukhona. **2** Ngo-
ba amadoda asendulo* afaka-
zelwa ngalo.
**3** Ngokholo siyaqonda uku-
thi izimiso zezinto* zahlelwa
ngezwi likaNkulunkulu, kanga-
ngokuthi lokho okubonwayo
kuvele ezintweni ezingabona-
kali.
**4** Ngokholo u-Abela wanike-
la kuNkulunkulu umhlatshe-
lo ongcono kunokaKhayini,[a]
futhi ngalolo kholo wafakaze-
lwa ukuthi wayelungile, ngoba
uNkulunkulu wazamukela* izi-
pho zakhe[b] futhi ngokholo lwa-
khe, usakhuluma nakuba afa.[c]
**5** Ngokholo u-Enoke[d] wadlu-
liswa ukuze angakuboni uku-
fa, futhi akatholakalanga nda-
wo ngoba uNkulunkulu wayem-
dlulisile;[e] ngoba ngaphambi ko-
kuba adluliswe wafakazelwa
ukuthi wayemjabulisile uNkulu-
nkulu. **6** Ngaphezu kwalokho,
ngaphandle kokholo akwenze-
ki ukumjabulisa uNkulunkulu,
ngoba lowo oza kuNkulunkulu
kumele akholelwe ukuthi ukho-
na* nokuthi uyabavuza labo
abamfuna ngobuqotho.[f]
**7** Ngokholo uNowa,[g] nge-
mva kokuthola isixwayiso esi-
vela ezulwini sezinto ezinga-
kabonwa,[h] wabonisa ukwesaba
uNkulunkulu wakha umkhumbi[i]
wokusindisa indlu yakhe; fu-
thi ngalolu kholo walahla izwe,[j]
waba yindlalifa yokulunga oku-
wumphumela wokholo.
**8** Ngokholo u-Abrahama,[k] la-
pho ebizwa, walalela ngoku-
phuma aye endaweni ayezoya-
mukela njengefa; waphuma, na-
kuba ayengazi ukuthi uya-
phi.[l] **9** Ngokholo waphila nje-
ngesifiki ezweni lesithembi-
so njengokungathi kusezweni
lesinye isizwe,[m] wahlala ema-
tendeni[n] no-Isaka noJakobe,

**ISAHL. 10**
a 2Ko 4:6; Heb 6:4
b Mat 5:12
c Luk 16:9
d Mat 10:32; 1Ko 15:58
e Luk 21:19; Jak 5:11
f Isay 26:20
g Hab 2:3; 2Pe 3:9
h Joh 3:16; Rom 1:17
i Hab 2:4
j 2Pe 2:20

**ISAHL. 11**
k Heb 11:13

**Uhla 2**
a Gen 4:5
b Gen 4:4
c Gen 4:8, 10
d Gen 5:22; Jud 14
e Gen 5:24
f Hu 58:11; Zef 2:3; Mat 5:12; Mat 6:33
g Gen 6:8, 9
h Gen 6:13, 17
i Gen 6:14
j Gen 6:22; 2Pe 2:5
k Rom 4:9, 11
l Gen 12:1, 4
m Gen 23:4
n Gen 12:8

**10:33** *NgesiGreki, "obala njengokungathi ninekwa enkundleni yemidlalo." #Noma, "nanisekelana." **10:35** *NgesiGreki, "ukuba nenkululeko yokukhuluma." **11:1** *Noma, "obukholisayo." **11:2** *Noma, "okhokho bethu."

**11:3** *Noma, "izinkathi." Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **11:4** *Noma, "wafakaza ngokwamukela." **11:6** *Noma, "uyaphila."

izindlalifa kanye naye zesi-
thembiso esifanayo.[a] **10** Ngo-
ba wayelindele idolobha eli-
nezisekelo zangempela, umkla-
mi nomakhi walo okunguNkulu-
nkulu.[b]

**11** Ngokholo uSara wakhu-
lelwa* nakuba ayesemdala,#[c]
ngenxa yokuthi wayenokholo
lokuthi uthembekile Lowo owa-
yethembisile. **12** Ngenxa yale-
si sizathu, kumuntu oyedwa
owayesefana nosefile,[d] kwaza-
lwa abantwana,[e] abaningi nga-
ngezinkanyezi zezulu naba-
ngenakubalwa njengezihlaba-
thi ezisogwini lolwandle.[f]

**13** Bonke laba bafa beno-
kholo, nakuba bengakuthola-
nga ukugcwaliseka kwezithe-
mbiso;[g] kodwa bazibona ziku-
de,[h] bazamukela futhi bavuma
obala ukuthi bayizihambi ne-
zakhamuzi zesikhashana ezwe-
ni. **14** Ngoba labo abakhulu-
ma ngaleyo ndlela benza kube
sobala ukuthi bafuna ngobuqo-
tho indawo ezoba ngeyabo.
**15** Nokho, ukube baqhubeka
bekhumbula indawo ababephu-
me kuyo,[i] babeyoba nalo ithu-
ba lokubuyela. **16** Kodwa ma-
nje bazama ukufinyelela inda-
wo engcono, okungukuthi, eya-
sezulwini. Ngakho uNkulunku-
lu akanamahloni ngabo, uku-
bizwa ngokuthi unguNkulunku-
lu wabo,[j] ngoba ubalungiselele
idolobha.[k]

**17** Ngokholo u-Abrahama, la-
pho evivinywa,[l] kwafana noku-
thi usenikele ngo-Isaka—lo mu-
ntu owayamukele izithembiso
ngentokozo wazama ukunike-
la ngendodana yakhe okuwu-
kuphela kwayo[m]— **18** nakuba
kwakuthiwe kuye: "Lokho oku-
yobizwa ngokuthi inzalo* ya-
kho kuyoba khona ngo-Isa-
ka."[a] **19** Kodwa waphetha ngo-
kuthi uNkulunkulu uyakwazi
ukumvusa ngisho nakwabafile,
futhi ngempela wamthola evela
khona ngendlela engokomfane-
kiso.[b]

**20** Ngokholo no-Isaka wabu-
sisa uJakobe[c] no-Esawu[d] ngo-
kuphathelene nezinto ezizayo.

**21** Ngokholo uJakobe, la-
pho esezofa,[e] wabusisa ngayi-
nye yamadodana kaJosefa[f] fu-
thi wakhothama* kuNkulunku-
lu encike odondolweni lwa-
khe.[g]

**22** Ngokholo uJosefa, lapho
esezofa, wakhuluma ngokufu-
duka kwabantwana bakwa-Isra-
yeli, wanikeza neziqondiso*
ngokuphathelene namathambo
akhe.#[h]

**23** Ngokholo abazali baka-
Mose bamfihla izinyanga ezi-
ntathu ngemva kokuzalwa kwa-
khe,[i] ngoba babona ukuthi
lo mntwana wayemuhle[j] futhi
abawesabanga umyalo wenko-
si.[k] **24** Ngokholo uMose, la-
pho esekhulile,[l] wenqaba uku-
bizwa ngokuthi uyindodana ye-
ndodakazi kaFaro,[m] **25** ekhe-
tha ukuphathwa kabi naba-
ntu bakaNkulunkulu kunokuja-
bula isikhashana esonweni,
**26** ngoba wabheka isihlamba
sikaKristu njengengcebo enku-
lu kunemicebo yaseGibhithe,
ngoba wagxilisa amehlo eku-
khokhweni komvuzo. **27** Ngo-
kholo washiya iGibhithe,[n] ko-
dwa engayesabi intukuthelo ye-
nkosi,[o] ngoba waqhubeka egxi-
lile sengathi uyambona Lowo
ongabonakali.[p] **28** Ngokholo
wagubha iPhasika wachela ne-

ISAHL. 11
*a* Gen 17:6; Gen 26:3; Gen 28:13
*b* Heb 11:16
*c* Gen 17:17; Gen 21:2
*d* Rom 4:19
*e* Gen 21:5
*f* Gen 22:17; 1Kh 4:20
*g* Gen 47:9
*h* Joh 8:56
*i* Gen 11:31
*j* Eks 3:6, 15
*k* Heb 11:10; Heb 12:22
*l* Gen 22:1, 2
*m* Gen 22:9, 10; Joh 3:16

Uhla 2
*a* Gen 21:12
*b* 1Ko 10:11
*c* Gen 27:27-29
*d* Gen 27:38-40
*e* Gen 47:29
*f* Gen 48:15, 16, 20
*g* Gen 47:31
*h* Gen 50:24, 25; Eks 13:19
*i* Eks 2:2
*j* IzE 7:20
*k* Eks 1:16, 22
*l* Eks 2:11
*m* Eks 2:10
*n* Eks 12:51
*o* Eks 10:28
*p* 1Ti 1:17

**11:11** *Noma, "wathola amandla okukhulelwa inzalo." #Okuwukuthi, engasakwazi ukuthola abantwana.

**11:18** *NgesiGreki, "imbewu." **11:21** *Noma, "wakhulekela." **11:22** *Noma, "wayala." #Noma, "nomngcwabo wakhe."

gazi, ukuze umbhubhisi anga-
walimazi* amazibulo abo.[a]
**29** Ngokholo badabula uLwa-
ndle Olubomvu njengokungathi
kusezweni elomile,[b] kodwa la-
pho abaseGibhithe bezama uku-
wela, bagwinywa.[c]
**30** Ngokholo isizwe sazu-
ngeza izindonga zaseJeriko izi-
nsuku eziyisikhombisa, ngemva
kwalokho zawa.[d] **31** Ngokholo
uRahabi isifebe akazange asha-
balale kanye nalabo abangala-
lelanga, ngoba wamukela izi-
nhloli ngendlela enokuthula.[e]
**32** Yikuphi okunye enginga-
kusho? Ngoba isikhathi sizongi-
shiya uma ngiqhubeka ngila-
ndisa ngoGideyoni,[f] uBhara-
ki,[g] uSamsoni,[h] uJefta,[i] uDavi-
de[j] kanye noSamuweli[k] naba-
nye abaprofethi. **33** Ngokholo
banqoba imibuso,[l] baletha uku-
lunga, bathola izithembiso,[m]
bavala imilomo yamabhubesi,[n]
**34** bacisha amandla omlilo,[o]
baphunyuka enkembeni,[p] be-
sesimweni esibuthakathaka be-
nziwa baba namandla,[q] baba
ngamaqhawe empini,[r] ba-
xosha amabutho ayehlasela.[s]
**35** Abesifazane bamukela aba-
file babo ngovuko,[t] kodwa
abanye abantu bahlukunyezwa
ngoba abafunanga ukwamuke-
la ukukhululwa,* ukuze bazu-
ze uvuko olungcono. **36** Yebo,
abanye bavivinywa ngokuhle-
kwa usulu nangokubhaxabu-
lwa, impela, bavivinywa ngoku-
ngaphezu kwalokho, ngamake-
tanga[u] nangokuboshwa emaje-
le.[v] **37** Bashaywa ngamatshe,[w]
baquliswa amacala, banqanyu-
lwa kabili ngesaha,* babula-
wa ngenkemba,[x] bazulazula be-
mbethe izikhumba zezimvu, izi-
khumba zezimbuzi,[a] beswele,
besosizini,[b] bephethwe kabi;[c]
**38** futhi izwe lalingabafanele.
Bazulazula ezingwadule nase-
zintabeni nasemihumeni[d] nase-
miphandwini yomhlaba.
**39** Nokho bonke laba, naku-
ba bafakazelwa kahle ngenxa
yokholo lwabo, abakutholanga
ukugcwaliseka kwesithembiso,
**40** ngoba uNkulunkulu wayesi-
bonele okuthile okungcono,[e]
ukuze bona bangenziwa baphe-
lele ngaphandle kwethu.

**12** Ngakho-ke, ngenxa yoku-
thi sinefu elikhulu kanga-
ka lofakazi elisizungezile, na-
thi masilahle konke okusindayo
nesono esisithandela kalula,[f]
futhi masiwugijime ngokukhu-
thazela lo mncintiswano obe-
kwe phambi kwethu,[g] **2** nje-
ngoba sigxilise amehlo ethu ku-
Mmeli Oyinhloko noMphelelisi
wokholo lwethu, uJesu.[h] Nge-
nxa yenjabulo eyayibekwe pha-
mbi kwakhe wakhuthazelela isi-
gxobo sokuhlushwa,* engena-
ndaba nehlazo, futhi useye wa-
hlala phansi ngakwesokudla
sesihlalo sobukhosi sikaNkulu-
nkulu.[i] **3** Ngempela, cabangi-
sisani ngalowo okhuthazelele
inkulumo enjalo yezoni ephiki-
sayo emelene nezinzuzo zazo
siqu,[j] ukuze ningakhathali ni-
phele amandla.[k]
**4** Ekulweni kwenu nale-
so sono, anikazabalazi kuze
kube seqophelweni lokuchithe-
ka kwegazi lenu. **5** Nisikho-
hlwe ngokuphelele isikhuthazo
esinibiza ngokuthi ningamado-
dana, esithi: "Ndodana yami,
ungasilulazi isiyalo esivela ku-
Jehova,* futhi ungapheli ama-
ndla lapho uqondiswa nguye;
**6** ngoba uJehova* uyabayala
labo abathandayo, eqinisweni,

**11:28** *NgesiGreki, "angawathinti." **11:35** *Noma, "ukukhululwa ngesihlengo esithile." **11:37** *Noma, "banqunywa ngokusahwa."

**12:2** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **12:5, 6** *Bheka iSithasiselo A5.

ISAHL. 11
- a Eks 12:21-23
- b Eks 14:22
- c Eks 14:27, 28
- d Jos 6:15, 20
- e Jos 6:17
- f Hlu 6:11
- g Hlu 4:6
- h Hlu 13:24
- i Hlu 11:1
- j 1Sa 16:13
- k 1Sa 3:20
- l Hlu 7:12, 22
- m 2Sa 7:8, 12
- n Hlu 14:5, 6; 1Sa 17:34-36; Dan 6:21, 22
- o Dan 3:23-25
- p 2Kh 6:15, 16
- q Hlu 16:28; 1Kh 18:46
- r Hlu 11:32
- s Hlu 4:16
- t 1Kh 17:22-24; 2Kh 4:32, 34
- u Jer 20:2
- v Jer 37:15
- w 2Kr 24:20, 21
- x 1Kh 19:10

Uhla 2
- a 2Kh 1:8
- b 1Kh 19:2
- c 1Kh 22:24; Jer 38:6
- d 1Kh 18:4; 1Kh 19:9
- e Heb 2:3; Heb 3:1; Heb 7:22

ISAHL. 12
- f Heb 3:12
- g 1Ko 9:24, 26; Flp 3:13, 14
- h Joh 14:6; IzE 5:31; Heb 2:10
- i Hu 110:1; Heb 10:12
- j Mat 27:39
- k Gal 6:9

ujezisa wonke umuntu amamukela njengendodana."[a]

**7** Kudingeka nikhuthazele lapho niyalwa.* UNkulunkulu uniphatha njengamadodana akhe.[b] Ngoba iyiphi indodana engayalwa uyise?[c] **8** Kodwa uma nonke ningakaze nisithole isiyalo, ngempela ningamavezandlebe, aniwona amadodana. **9** Ngaphezu kwalokho, obaba bethu benyama* babesiyala futhi sasibahlonipha. Akufanele yini sizithobe nakakhulu kuBaba wokuphila kwethu okungokomoya futhi siphile?[d] **10** Ngoba bona basiyala isikhashana ngokwalokho okwakubonakala kukuhle kubo, kodwa yena usiyala ukuze kuzuze thina, ukuze sihlanganyele ebungcweleni bakhe.[e] **11** Yiqiniso, asijabuli lapho sithola isiyalo kodwa sizwa ubuhlungu;* nokho kamuva isiyalo sibathelela isithelo sokuthula esiwukulunga labo abaqeqeshwe yiso.

**12** Ngakho-ke, qinisani izandla eziyethile namadolo axegayo,[f] **13** futhi qhubekani nihamba endleleni eqondile,[g] ukuze lowo oxhugayo* angabhinyiki, kodwa kunalokho elapheke. **14** Lwelani ukuba nokuthula nabantu bonke,[h] nokungcweliswa*[i] okungekho muntu oyobona iNkosi ngaphandle kwako. **15** Qaphelisisani ukuba kungabikho muntu ongawutholi umusa omkhulu kaNkulunkulu, ukuze kungabikho mpande enobuthi evelayo, ibange izinkinga futhi abaningi bangcoliswe yiyo;[j] **16** qaphelani nokuba phakathi kwenu kungabi namuntu oziphatha kabi ngokocansi* nanoma ubani ongazazisi izinto ezingcwele, njengo-Esawu, owadela amalungelo akhe njengezibulo ukuze athole isidlo esisodwa.[a] **17** Ngoba niyazi ukuthi kamuva lapho efuna ukuzuza isibusiso njengefa waliwa; ngoba nakuba azama ngobuqotho ukushintsha umqondo* ngezinyembezi,[b] akusizanga.#

**18** Ngoba anisondelanga entweni engase ithintwe[c] futhi eyokhelwe ngomlilo,[d] nasefwini elimnyama nasebumnyameni obukhulu nasesiphephweni,[e] **19** nasekukhaleni kwecilongo[f] nasezwini elikhuluma amazwi,[g] okwathi lapho abantu belizwa bancenga ukuba kungabe kusashiwo lutho olunye kubo.[h] **20** Ngoba wawunzima kubo lo myalo othi: "Uma ngisho nesilwane sithinta intaba, kumele sishaywe ngamatshe."[i] **21** Ngaphezu kwalokho, okwakubonakala kwakwesabisa kakhulu, uMose waze wathi: "Ngiyesaba futhi ngiyathuthumela."[j] **22** Kodwa nisondele eNtabeni iZiyoni[k] nasedolobheni likaNkulunkulu ophilayo, iJerusalema lasezulwini,[l] nasemashumini ezinkulungwane ezingelosi **23** emhlanganweni wazo zonke,[m] nasebandleni lamazibulo abhaliswe emazulwini, nakuNkulunkulu uMahluleli wabo bonke,[n] nasekuphileni okungokomoya[o] kwabalungile abenziwe baphelela,[p] **24** nakuJesu umlamuleli[q] wesivumelwano esisha,[r] nasegazini elifafaziwe, elikhuluma ngendlela engcono kunegazi lika-Abela.[s]

ISAHL. 12
a IzA 3:11, 12
b 2Sa 7:14; Heb 2:10
c IzA 13:24
d Jak 4:10
e 1Pe 1:15, 16
f Isay 35:3
g IzA 4:26
h Hu 34:14; Rom 12:18; Rom 14:19
i Rom 6:19; 1Th 4:3, 4; Heb 10:10
j Dut 29:18

Uhla 2
a Gen 25:32, 34
b Gen 27:34
c Eks 19:12
d Eks 19:18
e Eks 19:16
f Eks 19:19
g Dut 4:11, 12
h Eks 20:18, 19
i Eks 19:12, 13
j Dut 9:19
k IsA 14:1
l IsA 21:2
m Dan 7:10
n Gen 18:25; Hu 94:2; Isay 33:22
o Heb 12:9
p Heb 10:14
q 1Ti 2:5; Heb 9:15
r Mat 26:27, 28
s Gen 4:8, 10

**12:7** *Noma, "niqeqeshwa." **12:9** *Noma, "abangabantu." **12:11** *Noma, "siba nosizi." **12:13** *Noma, "olunyonga." **12:14** *Noma, "nokuba ngcwele."

**12:16** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama, "Ukuziphatha kabi ngokocansi." **12:17** *Okuwukuthi, umqondo kayise. #NgesiGreki, "akayitholanga indawo yako."

**25** Qaphelani ukuba ninge-
nqabi ukulalela* lowo okhulu-
mayo. Ngoba uma labo abenqa-
ba ukulalela lowo owayenikeza
isixwayiso saphezulu esemhla-
beni bengaphunyukanga, thi-
na ngeke siphunyuke nakakhu-
lu uma sifulathela lowo okhu-
luma esemazulwini.[a] **26** Nga-
leso sikhathi izwi lakhe lazama-
zamisa umhlaba,[b] kodwa ma-
nje uthembisile, wathi: "Ngi-
zophinde ngizamazamise hha-
yi umhlaba kuphela kodwa fu-
thi nezulu."[c] **27** Manje inkulu-
mo ethi "ngizophinde" ibonisa
ukususwa kwezinto ezizanya-
zanyiswayo, izinto ezenziwe,
ukuze izinto ezingazanyaza-
nyiswanga zihlale. **28** Nga-
kho-ke, njengoba sizokwamu-
kela uMbuso ongenakunyakazi-
swa, masiqhubeke sithola umu-
sa omkhulu, esinganikela nga-
wo inkonzo engcwele nge-
ndlela eyamukelekayo kuNku-
lunkulu ngokwesaba nangoku-
thuthumela. **29** Ngoba uNku-
lunkulu wethu ungumlilo oqo-
thulayo.[d]

**13** Qhubekani nibonisana
uthando lobuzalwane.[e]
**2** Ningakukhohlwa ukwamuke-
la izivakashi,*[f] ngoba ngokwe-
nza kanjalo abanye bengazi,
babungaza izingelosi.[g] **3** Hla-
lani nibakhumbula labo aba-
sejele,*[h] njengokungathi ni-
boshwe kanye nabo,[i] nala-
bo abaphathwa kabi, njengo-
ba nani ngokwenu nisemzimbe-
ni.# **4** Umshado mawuhloni-
shwe yibo bonke, nombhe-
de womshado ungangcoliswa,[j]
ngoba uNkulunkulu uyobahlu-
lela abantu abaziphatha kabi
ngokocansi* kanye neziphingi.[a]
**5** Ekuphileni kwenu ningayi-
thandi imali[b] ngokweqile, na-
neliswe izinto ezikhona.[c] Ngo-
ba uthe: "Angisoze ngakushi-
ya futhi angisoze ngakulahla."[d]
**6** Ukuze sibe nesibindi fu-
thi sithi: "UJehova* ungumsizi
wami; ngeke ngesabe. Umuntu
angangenzani?"[e]
**7** Khumbulani abaholayo
phakathi kwenu,[f] abaye bakhu-
luma izwi likaNkulunkulu kini,
futhi njengoba nicabangisisa
ngomphumela omuhle wokuzi-
phatha kwabo, nilingise ukholo
lwabo.[g]
**8** UJesu Kristu akashintshi
kusukela izolo nanamuhla na-
phakade.
**9** Ningadukiswa yizimfundi-
so ezihlukahlukene nezinga-
ziwa, ngoba kungcono uku-
ba inhliziyo iqiniswe ngomu-
sa omkhulu, kunokuba iqini-
swe ngokudliwayo,* okungaba-
zuzisi labo abalibele yikho.[h]
**10** Sine-altare, labo abe-
nza inkonzo engcwele etende-
ni abangenalo igunya loku-
dla kulo.[i] **11** Ngoba izidumbu
zalezo zilwane ezigazi lazo
lingeniswa umpristi ophake-
me endaweni engcwele nje-
ngomnikelo wesono zishi-
swa ngaphandle kwekamu.[j]
**12** Ngakho noJesu, wahluphe-
ka ngaphandle kwesango ledo-
lobha[k] ukuze angcwelise aba-
ntu ngegazi lakhe.[l] **13** Khona-
ke, masiphume siye kuye nga-
phandle kwekamu, sithwele isi-
hlamba asithwala,[m] **14** ngoba

---

**12:25** *Noma, "ningezi izaba; ningamshayi indiva." **13:2** *Noma, "ukubonisa izihambi umusa." **13:3** *NgesiGreki, "ababoshiwe; abasezibophweni." #Noma kungaba, "njengokungathi nihlupheka kanye nabo."

**13:4** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama, "Ukuziphatha kabi ngokocansi." **13:6** *Bheka iSithasiselo A5. **13:9** *Okuwukuthi, imithetho ephathelene nokudla.

ISAHL. 12
a Heb 1:2; Heb 2:2-4
b Eks 19:18
c Hag 2:6
d Dut 4:24

ISAHL. 13
e 1Th 4:9; 1Pe 1:22
f Rom 12:13; 1Ti 3:2
g Gen 18:2, 3; Gen 19:1-3
h Kol 4:18
i Rom 12:15
j IzA 5:16, 20; Mat 5:28

Uhla 2
a IzA 6:32; 1Ko 6:9, 10; 1Ko 6:18; Gal 5:19, 21
b 1Ti 6:10
c IzA 30:8, 9; 1Ti 6:8
d Dut 31:6, 8
e Hu 118:6; Dan 3:17; Luk 12:4
f 1Ti 5:17; Heb 13:17
g 1Ko 11:1; 2Th 3:7
h Rom 14:17; 1Ko 8:8; Kol 2:16
i 1Ko 9:13; 1Ko 10:18
j Lev 16:27
k Joh 19:17
l Heb 9:13, 14
m Rom 15:3; 2Ko 12:10; 1Pe 4:14

asinalo lapha idolobha elizi-
nzile, kodwa sifuna ngobuqo-
tho lelo elizayo.[a] **15** Ngokho-
lo lwethu kuJesu, njalo ma-
sinikele kuNkulunkulu umhla-
tshelo wokudumisa,[b] okuwuku-
thi, amazwi aphuma emilonye-
ni yethu[c] avuma obala igama la-
khe.[d] **16** Ngaphezu kwalokho,
ningakukhohlwa ukwenza oku-
hle nokupha abanye ezintwe-
ni eninazo,[e] ngoba uNkulunku-
lu ujatshuliswa yimihlatshelo
enjalo.[f]

**17** Lalelani abaholayo pha-
kathi kwenu[g] futhi nizithobe,[h]
ngoba bayaniqapha* njengoba
beyolandisa,[i] ukuze lokhu ba-
kwenze ngenjabulo hhayi ngo-
kukhononda, ngoba lokhu be-
kuyonilimaza.

**18** Qhubekani nisithandaze-
la, ngoba sithemba ukuthi si-
nonembeza othembekile,* nje-
ngoba sifisa ukuziphatha ngo-
kwethembeka ezintweni zonke.[j]
**19** Kodwa ngininxusa ikakhu-
lukazi ukuba ningithandazele
ukuze ngibuyele kini ngokushe-
sha.

**20** Kwangathi uNkulunkulu
wokuthula, owakhuphula kwa-
bafile umalusi omkhulu[a] wezi-
mvu, iNkosi yethu uJesu, nge-
gazi lesivumelwano saphakade,
**21** anganihlomisa ngazo zonke
izinto ezinhle ukuba nenze
intando yakhe, enze kithi ngo-
Jesu Kristu lokho okujabulisa-
yo emehlweni akhe, makakha-
zinyuliswe kuze kube phakade
naphakade. Amen.

**22** Manje ngiyaninxusa, ba-
zalwane, ukuba nililalele ngesi-
neke leli zwi lesikhuthazo,
ngoba nginibhalele incwadi
emfushane. **23** Ngifuna nazi
ukuthi ukhululiwe umfowethu
uThimothewu. Uma efika ngo-
kushesha, ngizoza naye sizoni-
bona.

**24** Ngikhonzeleni kubo bo-
nke abaholayo phakathi kwe-
nu nakubo bonke abangcwele.
Abase-Italiya[b] bayakhonza kini.

**25** Umusa omkhulu ube
nani nonke.

---

**13:17** *Noma, "baqapha imiphefumulo yenu." **13:18** *NgesiGreki, "omuhle."

ISAHL. 13
- *a* Heb 11:10, Heb 12:22
- *b* Lev 7:12, Hu 50:14, 23
- *c* Hu 69:30, 31, Hos 14:2
- *d* Rom 10:9
- *e* Rom 12:13
- *f* Flp 4:18
- *g* 1Th 5:12
- *h* Efe 5:21, 1Pe 5:5
- *i* IzE 20:28
- *j* 2Ko 1:12

Uhla 2
- *a* 1Pe 5:4
- *b* IzE 27:1

INCWADI KA-

# JAKOBE

**UHLU LOKUPHAKATHI**

1 Ukubingelela (1)
- Ukukhuthazela kuletha injabulo (2-15)
  - Ukholo oluvivinyiwe (3)
  - Qhubekani nicela ngokholo (5-8)
  - Isifiso siholela esonweni nasekufeni (14, 15)
- Zonke izipho ezinhle zivela phezulu (16-18)
- Ukuba abezwayo nabenzi bezwi (19-25)
  - Umuntu ozibuka esibukweni (23, 24)
- Ukukhulekela okuhlanzekile nokungangcolile (26, 27)

2 Ukukhetha, isono (1-13)
  - Uthando, umthetho wobukhosi (8)
- Ukholo ngaphandle kwemisebenzi lufile (14-26)
  - Amademoni ayakholwa athuthumele (19)
  - U-Abrahama ubizwa ngokuthi umngani kaJehova (23)

3 Ukulawula ulimi (1-12)
Abababaningi okufanele babe ngabafundisi (1)
Ukuhlakanipha okuvela phezulu (13-18)

4 Ungabi umngani wezwe (1-12)
Melanani noDeveli (7)
Sondelani kuNkulunkulu (8)
Isexwayiso ngokuqhosha (13-17)
“Uma uJehova ethanda” (15)

5 Kuxwayiswa izicebi (1-6)
UNkulunkulu ubusisa ukukhuthazela ngesineke (7-11)
“Uyebo” wenu makasho uyebo (12)
Umthandazo wokholo uyasebenza (13-18)
Ukusiza isoni sibuye (19, 20)

---

**1** UJakobe,[a] inceku kaNkulu-
nkulu neyeNkosi uJesu Kri-
stu, ezizweni ezingu-12 ezihla-
kazekile:
Ngiyanibingelela!
**2** Kubhekeni njengenjabulo
yodwa, bazalwane, lapho nihla-
ngabezana nokulingwa okuhlu-
kahlukene,[b] **3** njengoba nazi
ukuthi ukuvivinywa okunjalo
kokholo lwenu kuveza ukukhu-
thazela.[c] **4** Kodwa vumelani
ukukhuthazela kufeze umsebe-
nzi wako, ukuze nibe abaphe-
lele nabaphilile ezicini zonke,
abangasweli lutho.[d]
**5** Ngakho, uma noma ubani
kini engenakho ukuhlakanipha,
makaqhubeke ekucela kuNkulu-
nkulu,[e] uyomnika kona[f] ngoba
ubapha bonke ngesandla esi-
vulekile ngaphandle kokuso-
la.*[g] **6** Kodwa makaqhubeke
ecela ngokholo,[h] engangabazi
neze,[i] ngoba ongabazayo ufana
negagasi lolwandle eliqhutshwa
umoya lipheshulwa liyiswa nga-
pha nangapha. **7** Eqiniswenі,
lowo muntu akufanele alindele
ukuthi uyothola okuthile kuJe-
hova;* **8** ungumuntu omanqi-
kanqika,[j] oguquguqukayo ezi-
ndleleni zakhe zonke.
**9** Kodwa umzalwane opha-
nsi makajabule* ngokuphaka-
nyiswa kwakhe,[a] **10** nocebile
ngokuthotshiswa kwakhe,[b] ngo-
ba uyoshabalala* njengembali
yasendle. **11** Njengoba nje ila-
nga liphuma nokushisa kwa-
lo okukhulu libunise isitshalo,
imbali yaso iwele phansi noku-
bukeka kwayo okuhle kushaba-
lale, nesicebi siyobuna kanjalo
sisagijimisa ingcebo.[c]
**12** Uyajabula umuntu oqhu-
beka ekhuthazelela ukulingwa,[d]
ngoba lapho amukeleka uyo-
thola umqhele wokuphila,[e] uJe-
hova* awuthembisa labo aba-
qhubeka bemthanda.[f] **13** Uma
umuntu elingwa makangasho
ukuthi: “Ngilingwa uNkulunku-
lu.” Ngoba uNkulunkulu akana-
kulingwa ngezinto ezimbi futhi
yena ngokwakhe akalingi mu-
ntu. **14** Kodwa yilowo nalo-
wo ulingwa ngokuhehwa na-
ngokuyengwa* yisifiso sakhe.[g]
**15** Lapho isifiso sesakhekile,*
sizala isono; lapho isono sese-
nziwe, siveza ukufa.[h]
**16** Ningadukiswa, bazalwa-
ne abathandekayo. **17** Zonke
izipho ezinhle nazo zo-
nke izipho eziphelele zive-
la phezulu,[i] zehla zivela ku-
Yise wezinkanyiso zasezulwi-
ni,[j] ongashintshashintshi noma

**ISAHL. 1**
a Mat 13:55
b Mat 5:11, 12
c 1Pe 1:6, 7
d 1Ko 14:20; Efe 4:13
e 1Kh 3:9; Mar 11:24; 1Jo 3:22
f IzA 2:3-6; Joh 15:7; 1Jo 5:14
g Mat 7:11
h Mat 7:7
i Mat 21:22; Heb 11:6
j Jak 4:8

**Uhla 2**
a Jak 2:5
b 1Ti 6:17
c Isay 40:6, 7; Mat 19:24
d Mat 5:10; Jak 1:2
e 2Ti 4:8; 1Pe 5:4; IsA 2:10
f Jak 2:5
g Gen 3:6; 1Jo 2:16
h Rom 5:21
i Mat 7:11
j Jer 31:35; 2Ko 4:6

---

**1:5** *Noma, “kokuthola iphutha.” **1:7, 12** *Bheka iSithasiselo A5. **1:9** *NgesiGreki, “makaziqhayise.”

**1:10** *Noma, “uyofa.” **1:14** *Noma, “nangokungathi ubanjwe udobo.” **1:15** *NgesiGreki, “sesivundile.”

aphenduke kuhle kwethunzi.*[a]
**18** Kwakuyintando yakhe uku-
ba asizale ngezwi leqiniso,[b]
ukuze sibe uhlobo oluthile lwe-
zithelo zokuqala zezidalwa za-
khe.[c]

**19** Yazini lokhu, bazalwane
abathandekayo: Wonke umu-
ntu kumele asheshe ukulalela,
ephuze ukukhuluma,[d] angashe-
shi ukuthukuthela,[e] **20** ngoba
intukuthelo yomuntu ayikule-
thi ukulunga kukaNkulunkulu.[f]
**21** Ngenxa yalokho, lahlani ko-
nke ukungcola nayo yonke
iminonjana yobubi,*[g] namukele
ngobumnene ukugxiliswa kwe-
zwi elikwazi ukunisindisa.

**22** Nokho, yibani abenzi be-
zwi[h] ningabi abalizwayo ku-
phela, nizikhohlisa ngokuca-
banga okungamanga. **23** Ngo-
ba uma umuntu engumuzwi we-
zwi, engeyena umenzi,[i] lowo
ufana nomuntu ozibuka ubu-
so esibukweni. **24** Ngoba uya-
zibuka, bese ehamba futhi ma-
sinyane akhohlwe ukuthi ungu-
muntu onjani. **25** Kodwa lowo
obukisisa umthetho ophelele[j]
ongowenkululeko nophikelela-
yo kuwo, ube ngumenzi womse-
benzi akabanga umuntu ozwa-
yo akhohlwe; uyojabula ngalo-
kho akwenzayo.[k]

**26** Uma umuntu ecabanga
ukuthi ungumkhulekeli kaNku-
lunkulu* kodwa engalulawuli
ulimi lwakhe,#[l] ukhohlisa inhli-
ziyo yakhe nokukhulekela kwa-
khe kuyize. **27** Indlela yoku-
khulekela* ehlanzekile nenga-
ngcolile ngokombono kaNkulu-
nkulu noBaba wethu yile: uku-
nakekela izintandane[a] nabafe-
lokazi[b] osizini lwabo,[c] nokuba
umuntu azigcine engenalo iba-
la ezweni.[d]

**2** Bazalwane, anilubambile
ukholo lweNkosi yethu
ekhazimulayo uJesu Kristu,
kuyilapho nibonisa ukukhe-
tha, akunjalo?[e] **2** Ngoba, uma
emhlanganweni wenu kungena
umuntu ofake izindandatho ze-
golide eminweni futhi ogqoke
izingubo eziwubukhazikhazi,
bese kungena nomuntu ompo-
fu ogqoke izingubo ezingcolile,
**3** ingabe nimbheka ngomusa
lowo ogqoke izingubo eziwu-
bukhazikhazi nithi, “Hlala la-
pha endaweni enhle,” nithi ko-
mpofu, “Wena qhubeka umile,”
noma, “Hlala laphaya phansi”?[f]
**4** Uma kunjalo anihlukene yini
ngezigaba phakathi kwenu[g] fu-
thi anibona yini abahluleli aba-
khipha izinqumo ezimbi?[h]

**5** Lalelani, bazalwane aba-
thandekayo. UNkulunkulu aka-
khethanga yini labo izwe eli-
babheka njengabampofu uku-
ba babe abacebile okholwe-
ni[i] nezindlalifa zoMbuso, awu-
thembisa labo abamthanda-
yo?[j] **6** Nokho, nina niye nam-
hlaza umuntu ompofu. Aku-
bona yini abacebile abanici-
ndezelayo[k] futhi abanihudule-
la phambi kwezinkantolo zom-
thetho? **7** Abahlambalazi yini
igama elihle enabizwa ngalo?
**8** Uma-ke, nifeza umthetho
wasebukhosini* ngokuvumela-
na nalo mbhalo, “Kumele utha-
nde umakhelwane wakho nje-
ngoba uzithanda wena,”[l] nenza
kahle impela. **9** Kodwa uma
niqhubeka nibonisa ukukhe-
tha,[m] nenza isono, futhi umthe-
tho unilahla ngecala* njenge-
zeqamthetho.[n]

**ISAHL. 1**
a Mal 3:6
b Joh 1:12, 13; Rom 8:28; Efe 1:13, 14; 2Th 2:13; 1Pe 1:23
c IsA 14:4
d IzA 10:19; IzA 17:27
e Shu 7:9; Mat 5:22
f Jak 3:18
g Kol 3:8; 1Pe 2:1
h Lev 18:5; 1Sa 15:22; Mat 7:21; 1Jo 3:7
i Luk 6:46; Jak 2:14
j Hu 19:7
k Mat 7:24; Luk 11:28; Joh 13:17
l Hu 39:1; IzA 12:18; IzA 15:2; 1Pe 3:10

**Uhla 2**
a Dut 14:29; Dut 27:19; Hu 68:5
b Isay 1:17; 1Ti 5:3
c Job 29:12, 13; Isay 58:7
d 1Ko 5:7; Jak 4:4; IsA 18:4

**ISAHL. 2**
e 1Ti 5:21; Jak 3:17
f Lev 19:15
g Gal 3:28
h Dut 1:17
i IsA 2:9
j Luk 22:28-30
k IzE 13:50
l Lev 19:18; Mat 22:39; Rom 13:10
m Jak 2:1
n Lev 19:15

---

**1:17** *Noma, “kuye akukho ukushintsha-shintsha kokuphenduka kwethunzi.” **1:21** *Noma kungaba, “nabo bonke ububi.” **1:26** *Noma, “ukhonza uNkulunkulu; uyakholwa.” #Noma, “kodwa engalufaki amatomu ulimi lwakhe.” **1:27** *Noma, “Inkolo.”

**2:8** *Noma, “wobukhosi.” **2:9** *Noma, “unisola.”

**10** Ngoba noma ubani ola-
lela wonke uMthetho kodwa
aphule owodwa, uyephule yo-
nke.[a] **11** Ngoba lowo owa-
thi, “Ungaphingi,”[b] wathi fu-
thi, “Ungabulali.”[c] Manje, uma
ungaphingi kodwa ubulala,
usuyiseqamthetho. **12** Qhu-
bekani nikhuluma futhi nizi-
phatha ngendlela abazipha-
tha ngayo labo abazokwahlulele-
lwa ngomthetho wabantu aba-
khululekile.*[d] **13** Ngoba lowo
ongasibonisi isihe uyothola
isahlulelo ngaphandle kwesi-
he.[e] Isihe siyanqoba phezu
kwesahlulelo.

**14** Kunanzuzoni, bazalwa-
ne, uma umuntu ethi unokholo
kodwa engenayo imisebenzi?[f]
Lolo kholo alunakumsindisa,
akunjalo?[g] **15** Uma kukhona
abazalwane noma odade aba-
swele okokugqoka* nokudla
okwanele lolo suku, **16** no-
kho othile kini athi kubo,
“Hambani ngokuthula; nifudu-
male futhi nisuthe,” kodwa ni-
ngabaniki izidingo zemizimba
yabo, kunanzuzoni?[h] **17** Ka-
njalo, futhi, nokholo uma lu-
ngenayo imisebenzi, lufile.[i]

**18** Noma kunjalo, omunye
uzothi: “Wena unokholo,
mina nginemisebenzi. Ngiboni-
se ukholo lwakho ngaphandle
kwemisebenzi, mina ngizoku-
bonisa ukholo lwami ngemi-
sebenzi yami.” **19** Uyakho-
lwa ukuthi kukhona uNkulu-
nkulu oyedwa, akunjalo? We-
nza kahle impela. Nokho na-
mademoni ayakholwa athuthu-
mele.*[j] **20** Kodwa ingabe uya-
thanda ukwazi, wena muntu
ongenangqondo, ukuthi ukholo
ngaphandle kwemisebenzi alu-
sizi ngalutho? **21** Akuzange
yini kuthiwe u-Abrahama uba-
ba ulungile ngenxa yemise-
benzi ngemva kokuba enike-
le ngo-Isaka indodana yakhe
e-altare?[a] **22** Uyabona ukuthi
ukholo lwakhe lwasebenza ka-
nye nemisebenzi yakhe futhi
ukholo lwakhe lwapheleliswa
yimisebenzi yakhe,[b] **23** futhi
wagcwaliseka umbhalo othi:
“U-Abrahama waba nokholo
kuJehova,* wabhekwa njengo-
lungile,”[c] futhi wabizwa ngoku-
thi umngani kaJehova.*[d]

**24** Niyabona ukuthi umuntu
kuzothiwa ulungile ngemisebe-
nzi, hhayi ngokholo lodwa.
**25** Ngendlela efanayo, uRaha-
bi isifebe akushiwongo yini
ukuthi ulungile ngenxa yemi-
sebenzi, ngemva kokuba amu-
kele izithunywa ngomusa futhi
wazikhipha ngenye indlela?[e]
**26** Impela, njengoba umzimba
ngaphandle komoya ufile,[f] ka-
njalo nokholo ngaphandle kwe-
misebenzi lufile.[g]

**3** Ababaningi kini okufane-
le babe ngabafundisi, ba-
zalwane, njengoba nazi ukuthi
siyokwahlulelwa kanzima ngo-
kwengeziwe.[h] **2** Ngoba sonke
siyakhubeka* izikhathi ezini-
ngi.[i] Uma umuntu engakhubeki
ngezwi, lowo uyindoda ephe-
lele, ekwazi ukulawula nomzi-
mba wayo wonke ngokungathi
ngetomu. **3** Uma sifaka ama-
tomu emilonyeni yamahhashi
ukuze asilalele, siqondisa ne-
mizimba yawo yonke. **4** Bhe-
kani nemikhumbi: Nakuba imi-
khulu kangaka futhi iqhutshwa
umoya onamandla, iqondiswa
iphini elincane kakhulu iye la-
pho kuthanda khona umuntu
oshayelayo.

**5** Ngokufanayo nolimi luyilu-
nga elincane lomzimba kodwa

ISAHL. 2
a Dut 27:26; Gal 3:10
b Eks 20:14; Dut 5:18
c Eks 20:13; Dut 5:17
d Jak 1:25
e IzA 21:13; Mat 5:7; Mat 6:15; Luk 6:36
f Tit 3:8; Jak 1:25
g 1Ko 13:2
h Dut 15:7, 8; Mat 25:35, 36; Luk 3:11; Rom 12:13; 1Ti 5:4; Jak 1:27; 1Jo 3:17
i Mat 7:21; Heb 10:24
j Mat 8:28, 29; Luk 4:33, 34

Uhla 2
a Gen 22:9, 12
b Heb 11:17
c Gen 15:6; Rom 4:3; Gal 3:6
d 2Kr 20:7; Isay 41:8
e Jos 2:1, 15; Jos 6:17; Heb 11:31
f Hu 146:4
g Rom 10:10; Jak 2:17

ISAHL. 3
h Luk 12:48
i 1Kh 8:46; IzA 20:9; 1Jo 1:8

2:12 *NgesiGreki, “wenkululeko.” 2:15 *NgesiGreki, “abahamba-ze.” 2:19 *Noma, “aqhaqhazele.”

2:23 *Bheka iSithasiselo A5. 3:2 *Noma, “siyawenza amaphutha.”

luqhosha kakhulu. Ngisho no-
mlilo omncane kakhulu unga-
thungela ihlathi elikhulu, aku-
njalo? **6** Ulimi luwumlilo.[a] Uli-
mi lumelela izwe lokungalungi
phakathi kwamalunga emizimba
yethu, ngoba lungcolisa wo-
nke umzimba.[b] Lungonakalisa
ukuphila* komuntu futhi lu-
njengeGehena# ngoba lubange-
la incithakalo. **7** Ngoba zo-
nke izinhlobo zezilwane zase-
ndle kanye nezinyoni nezinto
ezinwabuzelayo* nezilwane za-
solwandle ziyathanjiswa futhi
ziye zathanjiswa abantu. **8** Ko-
dwa akekho noyedwa kubantu
ongaluthambisa ulimi. Alulawu-
leki futhi luyalimaza, lugcwe-
le ubuthi obubulalayo.[c] **9** Nga-
lo sidumisa uJehova,* uBaba,
kodwa ngalo siqalekise aba-
ntu ababa khona "ngomfane-
kiso kaNkulunkulu."[d] **10** Emlo-
nyeni ofanayo kuphuma ukubu-
sisa nokuqalekisa.

Bazalwane, akulungile uku-
ba izinto zenzeke ngale ndlela.[e]
**11** Amanzi amnandi nababayo
ayaphuphuma yini emthonjeni
ofanayo? **12** Bazalwane, isi-
hlahla samakhiwane asinaku-
thela iminqumo noma isihla-
hla samagilebhisi asinakuthela
amakhiwane, akunjalo?[f] Nom-
thombo wamanzi anosawoti
awunakukhipha amanzi amna-
ndi.

**13** Ubani ohlakaniphile no-
qondayo phakathi kwenu? Ngo-
kuziphatha kwakhe okuhle,
makabonise imisebenzi yakhe
eyenziwa ngobumnene obu-
wumphumela wokuhlakani-
pha. **14** Kodwa uma ninomo-
na[g] nokubanga*[h] ezinhliziywe-
ni zenu, musani ukuzigabi-
sa[a] ngokuhlakanipha. Uma ne-
nza kanjalo, niyobe niqamba
amanga. **15** Lokhu akukhona
ukuhlakanipha okwehla kuve-
la phezulu; okwasemhlabe-
ni,[b] okobulwane, okobudemo-
ni. **16** Ngoba nomaphi lapho
kukhona khona umona noku-
banga,* kuyoba khona nesiya-
luyalu nayo yonke into embi.[c]

**17** Kodwa ukuhlakanipha
kwaphezulu okokuqala kumsu-
lwa,[d] kunokuthula,[e] kuyacaba-
ngela,[f] kuyashesha ukulalela,
kugcwele isihe nezithelo ezi-
nhle,[g] akukhethi,[h] akuzenzisi.[i]
**18** Ngaphezu kwalokho, isi-
thelo sokulunga sihlwanyelwa
ngaphansi kwezimo ezinoku-
thula[j] ukuze kuzuze labo abe-
nza ukuthula.*[k]

**4** Zivelaphi izimpi nokulwa
phakathi kwenu? Akuve-
li yini ezifisweni zenu zenyama
eziqhubeka zilwela ukulawu-
la imizimba yenu?*[l] **2** Niyafi-
sa, kodwa anitholi. Niyaqhube-
ka nibulala futhi niyahala, ko-
dwa anikwazi ukuthola. Niya-
qhubeka nilwa futhi nihlasela-
na.[m] Aninalutho ngenxa yoku-
thi aniceli. **3** Uma nicela ani-
tholi ngoba nicela ngenjongo
embi, ukuze nikusebenzise ezi-
fisweni zenu zenyama.

**4** Ziphingi,* anazi yini uku-
thi ubungani nezwe bungubu-
tha noNkulunkulu? Ngakho-ke,
noma ubani ofuna ukuba um-
ngani wezwe uzenza isitha si-
kaNkulunkulu.[n] **5** Noma inga-
be nicabanga ukuthi umbhalo
usho ngaphandle kwesizathu
ukuthi: "Umoya ongaphakathi
kithi uqhubeka ulangazelela
ngomona"?[o] **6** Nokho, umusa

**3:6** *NgesiGreki, "isondo lokuphila (umsuka)." #Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **3:7** *Noma, "ezihuquzelayo." **3:9** *Bheka iSithasiselo A5. **3:14, 16** *Noma kungaba, "nobugovu."

**3:18** *Noma kungaba, "yilabo abenza ukuthula." **4:1** *NgesiGreki, "zilwa emalungwini enu." **4:4** *Noma, "Nina eningathembekile."

ISAHL. 3
a IzA 16:27; Mat 12:36, 37
b Hu 39:1; Mat 15:11, 18; Mar 7:23
c Hu 140:3; IzA 12:18; IzA 18:7
d Gen 1:26, 27
e Efe 4:29
f Mat 7:16
g Rom 13:13; 1Ko 3:3
h Efe 4:31

Uhla 2
a 1Ko 13:4
b 1Ko 2:14; Flp 3:19
c IzA 14:30; Gal 5:19-21
d Rom 12:9; 1Ti 5:1, 2
e 2Ko 13:11; 1Th 5:13; 2Pe 3:14
f 1Ti 3:3; Tit 3:2
g Gal 5:22, 23
h Jak 2:9
i 1Pe 1:22
j Isay 32:17; Heb 12:11
k Mat 5:9; 1Pe 3:11

ISAHL. 4
l Rom 7:23; Gal 5:17; Jak 3:14; 1Pe 2:11
m Mat 5:22; Jak 3:16
n 2Kr 19:2; Joh 15:19; Joh 17:14; Joh 18:36; 1Jo 2:15; 1Jo 5:19
o Gen 6:5; Gen 8:21

awunikezayo mkhulu kakhulu.
Ngakho umbhalo uthi: “UNku-
lunkulu umelana nabaziphaka-
misayo,[a] kodwa abathobekile
ubapha umusa omkhulu.”[b]

**7** Ngakho-ke, zithobeni ku-
Nkulunkulu;[c] kodwa melana-
ni noDeveli[d] khona-ke uyoniba-
lekela.[e] **8** Sondelani kuNkulu-
nkulu, naye uyosondela kini.[f]
Hlanzani izandla zenu, nina
zoni,[g] futhi nihlanze izinhlizi-
yo zenu,[h] nina enimanqikanqi-
ka. **9** Yibani lusizi, nilile futhi
nikhale.[i] Ukuhleka kwenu ma-
kuphenduke ukulila, nenjabu-
lo yenu ibe ukuphelelwa yithe-
mba. **10** Zithobeni emehlwe-
ni kaJehova,*[j] khona-ke uyoni-
phakamisa.[k]

**11** Yekani ukukhuluma kabi
ngomunye nomunye, bazalwa-
ne.[l] Lowo okhuluma kabi
ngomfowabo noma owahlule-
la umfowabo ukhuluma kabi
ngomthetho futhi wahlulela
umthetho. Manje uma wahlu-
lela umthetho, awuyena ume-
nzi womthetho, kodwa ungu-
mahluleli. **12** Munye kuphela
onguMniki-mthetho noMahlu-
leli,[m] lowo okwaziyo ukusi-
ndisa nokubhubhisa.[n] Kodwa
wena, ungubani ukuba wahlu-
lele umakhelwane wakho?[o]

**13** Yizwani nina enithi: “Na-
muhla noma kusasa sizoya ku-
leli dolobha sihlale unyaka
khona, futhi sizoqhuba ibhizi-
nisi sithole inzuzo,”[p] **14** nibe
ningazi ukuthi ukuphila kwe-
nu kuyoba njani kusasa.[q] Ngo-
ba niyinkungu ebonakala isi-
khashana bese inyamalala.[r]
**15** Esikhundleni salokho, ku-
fanele nithi: “Uma uJehova*
ethanda,[s] sizophila futhi se-
nze lokhu noma lokhuya.”
**16** Kodwa manje niziqhenya
ngokuqhosha kwenu kokuzi-
khukhumeza. Konke ukuqho-
sha okunjalo kubi. **17** Nga-
kho-ke, uma umuntu azi uku-
thi angakwenza kanjani oku-
hle kodwa angakwenzi, wenza
isono.[a]

**5** Yizwani, nina bantu abace-
bile, khalani nilile nge-
nxa yezinsizi ezizonehlela.[b]
**2** Ingcebo yenu ibolile, ne-
zingubo zenu zidliwe inundu.[c]
**3** Igolide nesiliva lenu kugqwa-
le kwaphela, ukugqwala kwa-
ko kuyoba ubufakazi obumele-
ne nani futhi kuyodla inyama
yenu. Enizibekelele kona kuyo-
ba njengomlilo ezinsukwini zo-
kugcina.[d] **4** Bhekani! Iholo
enilibambele izisebenzi ezivu-
ne amasimu enu liyaqhubeka
limemeza, futhi izicelo zosi-
zo zabavuni zifinyelele ezindle-
beni zikaJehova* wamabutho.[e]
**5** Niye naphila ngokunetheze-
ka nangokuzitika ngenjabulo
emhlabeni. Nikhuluphalise izi-
nhliziyo zenu ngosuku loku-
hlaba.[f] **6** Niye nalahla; nabu-
lala olungile. Ingabe akamela-
ni* nani?

**7** Ngakho-ke, bazalwane,
bekezelani kuze kufike iNko-
si.[g] Bhekani! Umlimi uqhubeka
elinde isithelo somhlaba esi-
yigugu, esibekezelela kuze ku-
fike imvula yokuqala nemvu-
la yokugcina.[h] **8** Nani futhi
bekezelani;[i] qinisani izinhlizi-
yo zenu, ngoba ukuba khona
kweNkosi sekusondele.[j]

**9** Ningakhonondi* ngomu-
nye nomunye, bazalwane, uku-
ze ningahlulelwa.[k] Bhekani!
UMahluleli umi phambi kwemi-
nyango. **10** Bazalwane, bhe-
kani abaprofethi abakhuluma
egameni likaJehova*[l] nilandele
isibonelo sabo sokubekezela[m]

---

**4:10, 15; 5:4, 10** * Bheka iSithasiselo A5.

**5:6** * Noma kungaba, “uNkulunkulu akamelani.” **5:9** * Noma, “Ningabubuli; Ningakhalazi.”

---

**ISAHL. 4**
a Hu 138:6
b IzA 3:34; 1Pe 5:5
c Heb 12:9; 1Pe 2:17; 1Pe 5:6
d Efe 4:27; Efe 6:11
e Mat 4:10, 11; Luk 4:13
f Isay 44:22; Isay 55:6, 7
g Isay 1:16
h 1Jo 3:3
i Jow 2:12
j 2Kr 7:14; 2Kr 33:12, 13
k IzA 29:23; Mat 23:12
l Lev 19:16; IzA 17:9
m Isay 33:22
n Mat 10:28
o Mat 7:1; Luk 6:37; Rom 14:4
p Luk 12:18-20
q Hu 39:6; IzA 27:1; Shu 6:12
r Job 14:1, 2; Hu 102:3; 1Pe 1:24
s IzE 18:21; Heb 6:3

**Uhla 2**
a Luk 12:47; Joh 9:41; Joh 15:22

**ISAHL. 5**
b IzA 11:28; Luk 6:24; Luk 18:25
c Mat 6:19; Luk 12:33
d Hez 7:19
e Lev 19:13; Dut 24:14, 15; Jer 22:13; Mal 3:5
f Jer 12:3
g Mat 24:3
h Dut 11:14; Jer 5:24
i Heb 6:12
j 1Th 3:13
k 1Ko 4:5
l 2Kr 36:16
m Heb 6:12

nokukhuthazela ngaphansi ko-
kubi.[a] **11** Bhekani! Sithi baya-
jabula* labo abaye bakhutha-
zela.[b] Nizwile ngokukhuthazela
kukaJobe,[c] nezwa nangesibusi-
so uJehova# amnikeza sona,[d]
okubonisa ukuthi uJehova#
unothando△ olukhulu nesihe.[e]
**12** Ngaphezu kwakho ko-
nke, bazalwane, yekani uku-
funga, kungaba ngezulu noma
ngomhlaba noma isiphi esi-
nye isifungo. Kodwa "uYebo"
wenu makasho uyebo, "noCha"
wenu, ucha,[f] ukuze ningahlule-
lwa.
**13** Ingabe ukhona kini obhe-
kene nobunzima? Makaqhu-
beke ethandaza.[g] Ukhona owe-
neme? Makacule izingoma.[h]
**14** Ukhona yini ogulayo pha-
kathi kwenu? Makabize aba-
dala[i] bebandla, bamthandazele,
bamgcobe ngamafutha[j] egame-
ni likaJehova.# **15** Umthanda-
zo wokholo uyokwenza ogula-
yo* alulame, uJehova# amphili-
se. Futhi, uma enze izono, uyo-
thethelelwa.
**16** Ngakho-ke, vumani izo-
no zenu[a] komunye nomunye
futhi nithandazelane, ukuze ni-
philiswe. Ukunxusa komuntu
olungile kunamandla amakhu-
lu.*[b] **17** U-Eliya wayengumu-
ntu onemizwa efana neyethu,
kodwa lapho ngobuqotho etha-
ndazela ukuba lingani, alina-
nga ezweni iminyaka emitha-
thu nezinyanga eziyisithupha.[c]
**18** Waphinde wathandaza, izu-
lu lana, nezwe lakhiqiza isi-
thelo.[d]
**19** Bazalwane, uma noma
ubani phakathi kwenu eduki-
swa eqinisweni, omunye ambu-
yise, **20** yazini ukuthi noma
ubani obuyisa isoni ekupha-
mbukeni[e] kwaso uyosisindisa
ekufeni futhi uyomboza izono
eziningi.[f]

**5:11** *Noma, "babusisiwe." **5:11, 14, 15** #Bheka iSithasiselo A5. **5:11** △Noma, "unozwela."

**5:15** *Noma kungaba, "okhathele." **5:16** *NgesiGreki, "kunamandla amakhulu lapho kusebenza."

ISAHL. 5
a Mat 5:12
b Jak 1:2-4
c Job 1:20, 21
d Job 42:10
e Hu 103:8; Luk 6:36
f Mat 5:34-37
g Hu 50:15
h Kol 3:16
i IzE 20:28, 35; 1Pe 5:2
j Hu 141:5; Mar 6:13; Luk 10:34

Uhla 2
a 2Sa 12:13; Hu 32:5; IzA 28:13; 1Jo 1:9
b 1Sa 12:18; 1Kh 13:6
c 1Kh 17:1
d 1Kh 18:42, 45
e Gal 6:1
f 1Ti 4:16

## EYOKUQALA KA-
# PETRU

UHLU LOKUPHAKATHI


1 Ukubingelela (1, 2)
Ukuzalwa okusha ethembeni eliphilayo (3-12)
Yibani ngcwele njengabantwana abalalelayo (13-25)

2 Langazelelani izwi (1-3)
Amatshe aphilayo akhiwa abe yindlu engokomoya (4-10)
Ukuphila njengezifiki ezweni (11, 12)
Ukuzithoba ngendlela efanele (13-25)
UKristu, isibonelo sethu (21)

3 Amakhosikazi namadoda (1-7)
Bonisani ukuzwelana; funani ukuthula (8-12)
Ukuhlupheka ngenxa yokulunga (13-22)
Nikulungele ukuvikela ithemba eninalo (15)
Ubhapathizo nonembeza omuhle (21)

4 Philelani intando kaNkulunkulu, njengoba kwenza uKristu (1-6)
Ukuphela kwazo zonke izinto sekusondele (7-11)
Ukuhlupheka ngoba ungumKristu (12-19)

5 Yalusani umhlambi kaNkulunkulu (1-4)
Thobekani niqaphe (5-11)
Phonsani zonke izinkathazo zenu kuNkulunkulu (7)
UDeveli unjengebhubesi elibhongayo (8)
Amazwi okuphetha (12-14)

1 UPetru, umphostoli[a] kaJe-
su Kristu, kwabayizakha-
muzi zesikhashana ezihlaka-
zekele ePhontu, eGalathiya,
eKhaphadosiya,[b] e-Asiya nase-
Bhithiniya, kulabo abakhe-
thwe **2** ngokokwazi kusenga-
phambili kukaNkulunkulu uBa-
ba,[c] nangokungcweliswa ngo-
moya,[d] ngenjongo yokuba bala-
lele futhi bafafazwe ngegazi li-
kaJesu Kristu:[e]

Kwangathi ningandiselwa
umusa omkhulu nokuthula.

**3** Makadunyiswe uNkulunku-
lu noYise weNkosi yethu uJe-
su Kristu, ngoba ngesihe sakhe
esikhulu wasipha ukuzalwa oku-
sha[f] ethembeni eliphilayo[g] ngo-
kuvuka kukaJesu Kristu kwaba-
file,[h] **4** efeni elingenakonakala
nelingangcolile nelingabuni.[i] Li-
gcinelwe nina ezulwini,[j] **5** nina
enilondwa ngamandla kaNkulu-
nkulu ngenxa yokholo ngenjo-
ngo yensindiso elungele ukwa-
mbulwa esikhathini sokuphe-
la. **6** Nijabula kakhulu ngalo-
khu, nakuba okwamanje kudi-
ngekile ukuba nibhekane nosi-
zi ngenxa yezilingo ezihluka-
hlukene,[k] **7** ukuze ukholo lwe-
nu oluvivinyiwe[l] lwenani elikhu-
lu kakhulu kunegolide elishaba-
lalayo naphezu kokuvivinywa*
kwalo ngomlilo, lutholakale luyi-
sizathu sendumiso nenkazimulo
nodumo ekwambulweni kukaJe-
su Kristu.[m] **8** Nakuba ningaka-
ze nimbone, niyamthanda. Na-
kuba ningamboni manje, nibo-
nisa ukholo kuye futhi nijabu-
la kakhulu ngenjabulo engacha-
zeki nekhazimulayo, **9** njengo-
ba nifinyelela umgomo wokholo
lwenu, insindiso* yenu.[a]

**10** Abaprofethi abaprofetha
ngomusa omkhulu ohloselwe
nina, baphenya ngenkutha-
lo ngale nsindiso futhi bahlola
ngokucophelela.[b] **11** Baqhu-
beka behlola ukuthi umoya
okubo ukhomba kusiphi isi-
khathi ngokukhethekile noma
kuyiphi inkathi ngokuphathe-
lene noKristu[c] njengoba wa-
fakaza kusengaphambili ngezi-
nhlupheko uKristu ayezobhe-
kana nazo[d] nangenkazimulo
eyayizolandela. **12** Bambu-
lelwa ukuthi babengazikho-
nzi bona, kodwa babekhonza
nina, ngezinto manje eniye na-
zaziswa kusetshenziswa labo
abaye bamemezela kini izinda-
ba ezinhle ngomoya ongcwele
othunywe uvela ezulwini.[e] Izi-
ngelosi zifisa ukubona zona
lezi zinto.

**13** Ngakho lungisani izingqo-
ndo zenu ngenjongo yokusebe-
nza;[f] hlalani nisanguluke ngo-
kuphelele;[g] bekani ithemba lenu
emseni omkhulu oyolethwa kini
ekwambulweni kukaJesu Kri-
stu. **14** Njengabantwana aba-
lalelayo, yekani ukulolongwa*
yizifiso enaninazo ngaphambili
ekungazini kwenu, **15** kodwa
njengoNgcwele owanibiza, nani

ISAHL. 1
*a* Mat 10:2
*b* IzE 2:5, 9
*c* Rom 8:29
*d* 2Th 2:13
*e* Heb 12:22, 24
*f* 1Pe 1:23
*g* IsA 20:6
*h* 1Ko 15:20
*i* 1Ko 15:53; 2Ti 1:10; 1Pe 5:4
*j* Joh 14:2; 2Ti 4:8
*k* 2Ko 4:17; 2Ti 3:12
*l* Jak 1:2, 3
*m* 2Th 1:7

Uhla 2
*a* Rom 6:22
*b* Mat 13:17
*c* Dan 9:24-27
*d* Isay 53:5
*e* Joh 15:26; IzE 2:4
*f* Luk 12:35
*g* Efe 5:17; 1Pe 4:7

**1:7** *Noma, “kokucwengisiswa.”
**1:9** *Noma, “insindiso yemiphefumulo.”
**1:14** *Noma, “ukubunjwa.”

yibani ngcwele kukho konke ukuziphatha kwenu,[a] **16** ngoba kulotshiwe ukuthi: “Kumele nibe ngcwele, ngoba mina ngingcwele.”[b]

**17** Uma nibiza uBaba owahlulela umsebenzi womuntu ngamunye ngokungakhethi,[c] ziphatheni ngokwesaba[d] phakathi nesikhathi sokuba kwenu yizakhamuzi zesikhashana. **18** Ngoba niyazi ukuthi anikhululwanga*[e] ngezinto ezonakalayo, ngesiliva noma ngegolide, endleleni yenu yokuphila engenanzuzo eyadluliselwa kini okhokho# benu. **19** Kodwa nakhululwa ngegazi eliyigugu,[f] njengalelo lewundlu elingenasici nelingenabala,[g] lelo likaKristu.[h] **20** Yiqiniso, waziwa kusengaphambili ngaphambi kokusungulwa kwezwe,[i] kodwa wabonakaliswa ekupheleni kwezikhathi ngenxa yenu.[j] **21** Ngenxa yakhe nikholwa kuNkulunkulu,[k] yena owamvusa kwabafile[l] futhi wamnika inkazimulo,[m] ukuze ukholo lwenu nethemba kube kuNkulunkulu.

**22** Njengoba senizihlanzile ngokulalela kwenu iqiniso, umphumela waba uthando lobuzalwane lokungazenzisi,[n] thandanani kakhulu ngokusuka enhliziyweni.[o] **23** Ngoba nizalwe kabusha,[p] hhayi ngembewu enokonakala, kodwa ngembewu* engenakonakala,[q] ngezwi likaNkulunkulu ophilayo nohlala njalo.[r] **24** Ngoba “bonke abantu* banjengotshani, futhi yonke inkazimulo yabo injengembali yasendle; utshani buyabuna, imbali iwe, **25** kodwa izwi likaJehova* lihlala phakade.”[a] Futhi leli “zwi” liyizindaba ezinhle ezamenyezelwa kini.[b]

**2** Ngakho lahlani bonke ububi[c] nakho konke ukukhohlisa nobuzenzisi nomona nakho konke ukunyevuza.* **2** Njengezinsana ezisanda kuzalwa,[d] langazelelani ubisi olungonakalisiwe* lwezwi, ukuze ngalo nikhulele ensindisweni,[e] **3** ngoba seninambithile* ukuthi iNkosi inomusa.

**4** Njengoba niza kuyo, itshe eliphilayo elenqatshwa ngabantu[f] kodwa elikhethiwe neliyigugu kuNkulunkulu,[g] **5** nani njengamatshe aphilayo niyakhiwa nibe yindlu engokomoya[h] ukuze nibe ubupristi obungcwele, ukuze ninikele imihlatshelo engokomoya[i] eyamukelekayo kuNkulunkulu ngoJesu Kristu.[j] **6** Ngoba kuthiwa emBhalweni: “Bheka! Ngibeka itshe elikhethiwe eZiyoni, itshe eliyinhloko lesisekelo eliyigugu, akekho obonisa ukholo kulo oyoke adumazeke.”*[k]

**7** Ngakho-ke, uyigugu kini, ngoba ningamakholwa; kodwa kulabo abangakholwa, “itshe elenqatshwa abakhi[l] selibe yitshe legumbi* eliyinhloko”[m] **8** “netshe lokukhubekisa nedwala lokucasula.”[n] Bayakhubeka ngoba abalilaleli izwi. Bamiselwa le njongo. **9** Kodwa “niluhlanga olukhethiwe, abapristi abangamakhosi, isizwe esingcwele,[o] isizwe esiyimpahla ekhethekile,[p] ukuze nimemezele kabanzi ubuhle”[q] baLowo owanibiza ukuba niphu-

**1:18** *NgesiGreki, “anihlengwanga.” #Noma, “ngesiko lokhokho.” **1:23** *Okuwukuthi, imbewu ekwazi ukukhiqiza noma ukuthela isithelo. **1:24** *Noma, “inyama.”

**1:25** *Bheka iSithasiselo A5. **2:1** *Ukukhuluma umuntu kabi. **2:2** *Noma, “olumsulwa.” **2:3** *Noma, “senizizwele ngokwenu.” **2:6** *NgesiGreki, “ahlazeke.” **2:7** *NgesiGreki, “lasekhoneni.”

ISAHL. 1

*a* Dut 28:9, Rom 12:1, Heb 12:14
*b* Lev 11:44, Lev 19:2, Lev 20:7, 26
*c* Dut 10:17
*d* 2Ko 7:1
*e* 1Ko 6:20
*f* Isay 53:12, Heb 9:14
*g* Eks 12:5, Lev 22:20, Joh 1:29
*h* 1Ko 5:7
*i* Joh 17:5, Efe 1:4
*j* Kol 1:26, 27
*k* Joh 14:6
*l* IzE 2:24
*m* Heb 2:9
*n* Rom 12:9, 1Jo 3:17
*o* 1Ti 1:5
*p* Joh 3:3, 2Ko 5:17, 1Pe 1:3, 1Jo 3:9
*q* Joh 3:6
*r* Joh 6:63, Jak 1:18

Uhla 2

*a* Isay 40:6-8
*b* Tit 1:3

ISAHL. 2

*c* Gal 5:16, Jak 1:21
*d* Mar 10:15
*e* 2Ti 3:15
*f* Isay 53:3, Joh 19:15
*g* Hu 118:22, Isay 42:1, Mat 21:42, IzE 4:11
*h* Efe 2:21
*i* Heb 13:15
*j* Rom 12:1
*k* Isay 28:16
*l* Hu 69:8
*m* Hu 118:22, Mat 21:42, Luk 20:17, IzE 4:11
*n* Isay 8:14
*o* IsA 5:10, IsA 20:6
*p* Eks 19:5, 6, Dut 7:6, Dut 10:15, Mal 3:17
*q* Isay 43:20, 21

me ebumnyameni ningene ekukhanyeni kwakhe okumangalisayo.[a] **10** Ngoba kade ningesona isizwe, kodwa manje seniyisizwe sikaNkulunkulu;[b] naningaboniswanga isihe, kodwa manje seniboniswe isihe.[c]

**11** Bathandekayo, ngininxusa njengezifiki nezakhamuzi zesikhashana[d] ukuba niqhubeke nideda ezifisweni zenyama,[e] ezilwa nani.[f] **12** Gcinani ukuziphatha kwenu kukuhle phakathi kwezizwe,[g] ukuze kuthi lapho zinimangalela ngokuthi ningabenzi bokubi, zizibonele imisebenzi yenu emihle,[h] bese zikhazimulisa uNkulunkulu ngosuku lokuhlola kwakhe.

**13** Ngenxa yeNkosi zithobeni kuwo wonke amagunya abekwe ngabantu,*[i] kungaba senkosini[j] njengephakeme **14** noma kubabusi njengabathunywe yiyo ukuba bajezise abenzi bokubi kodwa badumise labo abenza okuhle.[k] **15** Ngoba kuyintando kaNkulunkulu ukuba ngokwenza okuhle nithulise* abantu abangenangqondo[l] abakhuluma ngokumelene nani ngenxa yokungazi. **16** Yibani ngabantu abakhululekile,[m] nokho ningasebenzisi inkululeko yenu njengesembozo* sokwenza okubi,[n] kodwa njengezinceku zikaNkulunkulu.[o] **17** Hloniphani zonke izinhlobo zabantu,[p] thandani bonke enikholwa nabo,*[q] mesabeni uNkulunkulu,[r] dumisani inkosi.[s]

**18** Izinceku mazizithobe emakhosini azo ngakho konke ukwesaba okufanele,[t] hhayi nje kuphela kwamahle nabonelelayo, kodwa nakulawo okunzima ukuwajabulisa. **19** Ngoba kuyamukeleka lapho umuntu ebekezelela ubunzima* futhi ehlupheka ngokungafanele ukuze abe nonembeza ohlanzekile phambi kukaNkulunkulu.[a] **20** Ngoba kunanzuzoni uma nishaywa ngenxa yokona futhi nikukhuthazelela?[b] Kodwa uma nikhuthazelela ukuhlupheka ngenxa yokwenza okuhle, lokhu kuyinto eyamukelekayo kuNkulunkulu.[c]

**21** Eqinisweni, nabizelwa khona lokhu, ngoba ngisho noKristu wahlupheka ngenxa yenu,[d] enishiyela isibonelo ukuze nilandele izinyathelo zakhe eduze.[e] **22** Akenzanga sono,[f] nenkohliso ayitholakalanga emlonyeni wakhe.[g] **23** Lapho ethukwa,[h] akaphindiselanga ngokuthuka.[i] Lapho ehlupheka,[j] akasongelanga, kodwa wathembela kuLowo owahlulela[k] ngokulunga. **24** Yena ngokwakhe wathwala izono zethu[l] emzimbeni wakhe esigxotsheni,*[m] ukuze sikhululwe ezonweni# futhi siphilele ukulunga. Futhi "nelashwa ngamanxeba akhe."[n] **25** Ngoba naninjengezimvu ezidukayo,[o] kodwa manje senibuyele kumalusi[p] nombonisi wemiphefumulo yenu.*

**3** Ngendlela efanayo, nina makhosikazi, zithobeni kubayeni benu,[q] ukuze uma bekhona abangalilaleli izwi, bazuzwe ngaphandle kwezwi ngokuziphatha kwamakhosikazi abo,[r] **2** ngoba bebe ofakazi bokuzibonela bokuziphatha kwenu okumsulwa[s] kanye nenhloniphi ejulile. **3** Ukuhloba kwenu makungabi okwangaphandle

ISAHL. 2

- a Efe 5:8; Kol 1:13
- b Hos 1:10; IzE 15:14; Rom 9:25
- c Hos 2:23
- d 1Pe 1:17
- e Rom 8:5; Gal 5:24
- f Gal 5:17; Jak 4:1
- g Rom 12:17; 1Ti 3:7
- h Mat 5:16; Jak 3:13
- i Rom 13:1; Efe 6:5; Tit 3:1
- j 1Pe 2:17
- k Rom 13:3, 4
- l Tit 2:7, 8
- m Gal 5:1
- n Gal 5:13
- o 1Ko 7:22
- p Lev 19:32; Rom 12:10; Rom 13:7
- q 1Jo 2:10; 1Jo 4:21
- r Hu 111:10; IzA 8:13; 2Ko 7:1
- s IzA 24:21
- t Efe 6:5; Kol 3:22; 1Ti 6:1; Tit 2:9

Uhla 2

- a Rom 13:5
- b 1Pe 4:15
- c Mat 5:10; IzE 5:41; 1Pe 4:14
- d 1Pe 3:18
- e Mat 16:24; Joh 13:15
- f Joh 8:46; Heb 4:15
- g Isay 53:9
- h Mat 27:39
- i Isay 53:7; Rom 12:21
- j Heb 5:8
- k Jer 11:20; Joh 8:50
- l Lev 16:21
- m Flp 2:8
- n Isay 53:5
- o Isay 53:6
- p Hu 23:1; Isay 40:11

ISAHL. 3

- q Rom 7:2; 1Ko 11:3; Efe 5:22
- r 1Ko 7:16
- s 1Pe 2:12

**2:13** *Noma, "kuzo zonke izimiso ezibekwe ngabantu." **2:15** *NgesiGreki, "nibavale umlomo." **2:16** *Noma, "njengezaba." **2:17** *NgesiGreki, "abazalwane."

**2:19** *Noma, "usizi; ubuhlungu." **2:24** *Noma, "esihlahleni." #Noma, "ukuze sife ngokuqondene nezono; sihlukane nezono." **2:25** *Noma, "wezimpilo zenu."

—ukwaluka izinwele nokufa-
ka imihlobiso yegolide[a] noma
ukugqoka izingubo ezibizayo—
**4** kodwa makube okomuntu osi-
thekile wenhliziyo ozihlobise
ngomoya ongenakonakala ono-
kuthula nobumnene,[b] ongowe-
nani elikhulu emehlweni kaNku-
lunkulu. **5** Ngoba yile ndlela
abesifazane abangcwele base-
ndulo ababethembela kuNkulu-
nkulu ababezihlobisa ngayo, be-
zithoba kubayeni babo, **6** nje-
ngoba noSara ayehlonipha
u-Abrahama, embiza ngokuthi
nkosi.[c] Seningabantwana ba-
khe, uma kodwa niqhubeka ne-
nza okuhle futhi ningesabi lu-
tho.[d]

**7** Ngendlela efanayo, nina
madoda, qhubekani nihlala
nabo ngokolwazi.* Nibazise[e] nje-
ngezitsha ezibuthakathaka ka-
khudlwana, abesifazane, nje-
ngoba beyizindlalifa kanye nani[f]
zomusa ongafanelwe wokuphila,
ukuze imithandazo yenu inga-
thiyeki.

**8** Ekugcineni, nonke yiba-
ni nomqondo ofanayo,*[g] nibo-
nise ukuzwelana nothando lo-
buzalwane, nibe nobubele,[h]
nithobeke.[i] **9** Ningabuyiseli
okubi ngokubi[j] noma ukuthu-
kwa ngokuthuka.[k] Kunalokho,
buyiselani ngokubusisa[l] ngoba
nakhethwa nguye ukuba nibu-
sise abanye ukuze anibusise
nani.

**10** Ngoba "noma ubani onga-
thanda ukuphila ukuze abone
izinto ezinhle, kumele aqaphe
ulimi lwakhe kokubi[m] nezindebe
zakhe ekukhohliseni. **11** Ma-
kafulathele okubi[n] enze oku-
hle;[o] makafune ukuthula aza-
me ukukulondoloza.[p] **12** Ngo-
ba amehlo kaJehova* akwabalu-
ngile, nezindlebe zakhe zilalela
ukunxusa kwabo,[a] kodwa uJe-
hova* umelene nabenza izinto
ezimbi."[b]

**13** Ngempela, ubani oyonili-
maza uma nishisekela oku-
hle?[c] **14** Ngisho noma ninga-
hlupheka ngenxa yokulunga,
niyajabula.[d] Nokho, into aba-
yesabayo ningayesabi nina* fu-
thi ningakhathazeki.[e] **15** Ko-
dwa ngcwelisani uKristu nje-
ngeNkosi ezinhliziyweni zenu,
nihlale nikulungele ukuzivike-
la phambi kwabo bonke aba-
funa ngenkani isizathu sethe-
mba eninalo, kodwa nenze ka-
njalo ngomoya omnene[f] nange-
nhlonipho ejulile.[g]

**16** Zigcineni ninonembeza
omuhle,[h] ukuze uma kwenze-
ka bekhuluma kabi ngani,
labo abakhuluma kabi ngani
baphoxeke[i] ngenxa yokuzipha-
tha kwenu okuhle njengaba-
landeli bakaKristu.[j] **17** Ngoba
kungcono ukuhlupheka ngo-
ba nenza okuhle,[k] uma kuyi-
ntando kaNkulunkulu ukuku-
vumela, kunokuhlupheka ngo-
ba nenza okubi.[l] **18** Phela no-
Kristu wafela izono kwaba ka-
nye kuphela,[m] umuntu olungi-
le ngenxa yabangalungile,[n]
ukuze aniholele kuNkulunku-
lu.[o] Wabulawa enomzimba we-
nyama[p] kodwa wavuswa eno-
mzimba womoya.[q] **19** Ekulesi
simo, wahamba washumayeza
imimoya eboshiwe,[r] **20** eya-
yingalaleli lapho uNkulunku-
lu elinde ngesineke* ezinsu-
kwini zikaNowa,[s] ngesikhathi
kusakhiwa umkhumbi,[t] okwa-
thi ngawo abantu abambalwa,
okungukuthi, imiphefumulo#
engu-8, bathwalwa ngokuphe-
pha emanzini.[u]

---

**3:7** *Noma, "nibacabangela; nibaqonda." **3:8** *Noma, "cabangani ngokuvumelana." **3:12** *Bheka iSithasiselo A5.

**3:14** *Noma kungaba, "ningazesabi izinsongo zabo." **3:20** *NgesiGreki, "lapho ukubekezela kukaNkulunkulu kulindile." #Noma, "abantu."

---

ISAHL. 3
a IzA 11:22
b Efe 4:24, Kol 3:10, 12, 1Ti 2:9, 10
c Gen 18:12, Efe 5:33
d IzA 3:25, Flp 1:28
e Efe 5:25
f Gal 3:28
g 1Ko 1:10, Flp 2:2
h Rom 12:10
i Rom 15:5, Kol 3:12
j Rom 12:17, 1Th 5:15
k 1Pe 2:23
l Rom 12:14, 1Ko 4:12
m Jak 3:8
n IzA 8:13
o 3Jo 11
p 1Th 5:13, Jak 3:17

Uhla 2
a 1Jo 3:22
b Hu 34:12-16
c Rom 13:3, 4
d Mat 5:11, 12, IzE 5:41, 1Pe 2:19
e Mat 10:28
f IzA 15:1, 2Ti 2:24, 25, Tit 3:1, 2
g Kol 4:6
h IzE 23:1, IzE 24:16, 1Ti 1:5, 1Ti 1:18, 19, 1Ti 3:9
i Tit 2:8
j Rom 12:21, 1Pe 2:12
k 2Ko 1:7, Kol 1:24
l 1Pe 4:15
m Heb 9:28
n Rom 5:6
o 2Ko 5:18
p 1Ko 15:50
q 1Ti 3:16
r 2Pe 2:4, Jud 6
s Gen 6:2, 3
t Gen 6:14
u Gen 7:13, 23

**21** Ubhapathizo, oluhambe-
lana nalokhu, nalo manje lu-
yanisindisa, (hhayi ngokusu-
sa ukungcola kwenyama, ko-
dwa ngesicelo esenziwa ku-
Nkulunkulu sokuba nonembe-
za omuhle),[a] ngokuvuka ku-
kaJesu Kristu. **22** Ungakwe-
sokudla sikaNkulunkulu,[b] ngo-
ba waya ezulwini, futhi izinge-
losi namagunya nabanamandla
kwenziwa kwamthobela.[c]

**4** Njengoba uKristu ahluphe-
ka enyameni,[d] nani hloma-
ni ngesimo sengqondo esifana-
yo;* ngoba umuntu oye wahlu-
pheka enyameni uziyekile izo-
no,[e] **2** ukuze ngesikhathi sa-
khe esisele esenyameni, anga-
be esaphilela izifiso zabantu,[f]
kodwa aphilele intando ka-
Nkulunkulu.[g] **3** Ngoba sanele
isikhathi esidlule enisichithe
nenza intando yezizwe[h] la-
pho niqhubeka ezenzweni zo-
kuziphatha kabi okuhambisa-
na nendelelo,* inkanuko enga-
lawuleki, ukuphuza ngokweqi-
le, imicimbi# exokozelayo, imi-
cimbi△ yokuzitika ngotshwa-
la nokukhonza izithombe oku-
nyanyekayo.⊠[i] **4** Ziyakhunga-
theka ngenxa yokuthi aniqhu-
beki nigijima nazo enkambwe-
ni efanayo eyonakele yoku-
zitika ngamanyala, ngakho zi-
yanihlambalaza.[j] **5** Kodwa
laba bantu bayolandisa kulowo
olungele ukwahlulela abaphila-
yo nabafile.[k] **6** Eqinisweni, yi-
ngakho izindaba ezinhle zame-
nyezelwa nakwabafile,[l] ukuze
nakuba bahlulelwa ngokwenya-
ma ngokombono wabantu, ba-
phile ngokuvumelana nomoya
ngokombono kaNkulunkulu.

**7** Kodwa ukuphela kwezinto
zonke sekusondele. Ngakho-
ke, yibani abahluzekile engqo-
ndweni[a] futhi niphaphamele
ukuthandaza.[b] **8** Ngaphezu
kwakho konke, thandanani ka-
khulu,[c] ngoba uthando lumbo-
za izono eziningi.[d] **9** Ngeni-
sanani* ngaphandle kokukho-
nonda.[e] **10** Ngokwezinga nga-
munye amukele ngalo isipho,
sisebenziseni ekukhonzaneni
njengabaphathi abahle bomu-
sa omkhulu kaNkulunkulu
oboniswa ngezindlela ezihluka-
hlukene.[f] **11** Uma umuntu
ekhuluma, makakhulume nje-
ngokungathi ukhuluma ama-
zwi avela kuNkulunkulu; uma
umuntu ekhonza, makakhonze
njengoncike emandleni ani-
kezwa nguNkulunkulu;[g] uku-
ze kukho konke uNkulunkulu
akhazinyuliswe[h] ngoJesu Kri-
stu. Inkazimulo namandla ku-
ngokwakhe kuze kube phakade
naphakade. Amen.

**12** Bathandekayo, lungani-
mangazi uvivinyo olunjengomli-
lo enibhekene nalo,[i] njengoku-
ngathi nehlelwa yinto eyinqa-
ba.* **13** Ngokuphambene nalo-
kho, qhubekani nijabula[j] ngo-
kwezinga enihlanganyela nga-
lo ezinhluphekweni zikaKristu,[k]
ukuze nithokoze futhi nichichi-
me injabulo naphakathi kokwa-
mbulwa kwenkazimulo yakhe.[l]
**14** Uma nihlanjalazwa* ngenxa
yegama likaKristu, niyajabu-
la,[m] ngoba umoya wenkazimu-
lo, yebo, umoya kaNkulunkulu,
uhlezi phezu kwenu.

**15** Nokho, makungabikho
noyedwa kini ohlupheka ngoba

**4:1** *Noma, "ngokuzimisela okufanayo." **4:3** *Noma, "ezenzweni zokuziphatha okuyichilo." Inkulumo esebuningini yegama lesiGreki elithi *a·selʹgei·a.* Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. #Noma, "imibuthano." △Noma, "amaphathi." ⊠NgesiGreki, "okuphambene nomthetho."

**4:9** *Noma, "Bonisanani umusa." **4:12** *Noma, "engajwayelekile." **4:14** *Noma, "nithukwa."

ISAHL. 3
a Heb 9:14; Heb 10:22
b Hu 110:1; IzE 7:55; Heb 10:12
c Mat 28:18; 1Ko 15:25; Efe 1:20, 21; Flp 2:9, 10; Heb 1:6

ISAHL. 4
d Flp 2:8
e Rom 6:11; Kol 3:5; 1Jo 3:6
f 2Ko 5:15
g Gal 2:20; Efe 5:17
h Tit 3:3
i Rom 13:13; 1Ko 5:11; Gal 5:19, 21; Efe 4:17-19
j 1Pe 3:16
k IzE 10:42; IzE 17:31; 2Ti 4:1; IsA 20:12
l Efe 2:1

Uhla 2
a Rom 12:3; 1Ti 3:2; Tit 2:6
b Kol 4:2
c Kol 3:14
d IzA 10:12; IzA 17:9; 1Ko 13:4, 7
e 2Ko 9:7; Heb 13:2
f Rom 12:6-8
g Isay 12:2; Efe 3:20
h 1Ko 10:31
i 1Pe 5:9
j IzE 5:41; Jak 1:2
k Rom 8:17; 2Ko 4:10; 2Ti 3:12
l 1Pe 1:7
m Jak 1:12; Jak 5:11

engumbulali noma eyisela
noma engumenzi wokubi noma
ngoba engugaxekile ezindabeni
zabanye abantu.[a] **16** Kodwa
uma noma ubani ehlupheka
ngoba engumKristu, makanga-
bi namahloni,[b] kodwa maka-
qhubeke ekhazimulisa uNkulu-
nkulu njengoba ebizwa ngaleli
gama. **17** Ngoba lesi yisikha-
thi sokuba ukwahlulela kuqale
endlini kaNkulunkulu.[c] Manje
uma kuqala ngathi kuqala,[d] ku-
yokwenzekani kulabo abanga-
zilaleli izindaba ezinhle zika-
Nkulunkulu?[e] **18** “Futhi uma
umuntu olungile esindiswa ka-
nzima, kuyokwenzekani ngo-
muntu ongamhloniphi uNku-
lunkulu nesoni?”[f] **19** Ngakho-
ke, labo abahlupheka ngokuvu-
melana nentando kaNkulunku-
lu mabaqhubeke bezibeka ku-
Mdali othembekile kuyilapho
benza okuhle.[g]

**5** Ngakho-ke, njengomdala
okanye nani, ufakazi wezi-
nhlupheko zikaKristu nomhla-
nganyeli wenkazimulo eyokwa-
mbulwa,[h] nginxusa* abadala
phakathi kwenu, ngithi: **2** Ya-
lusani umhlambi kaNkulunku-
lu[i] eniwuphathisiwe, niwuqa-
phe ngokucophelela,* kungabi
ngokucindezelwa kodwa ngoku-
zithandela phambi kukaNkulu-
nkulu;[j] kungabi ngenxa yo-
thando lwenzuzo yokungathe-
mbeki,[k] kodwa ngokulangazela;
**3** ningabi yizingqongqo phe-
zu kwalabo abayifa likaNkulu-
nkulu,[l] kodwa nibe yizibonelo
emhlanjini.[m] **4** Lapho umalusi
omkhulu[n] esebonakalisiwe, ni-
yokwamukela umqhele wenka-
zimulo ongabuni.[o]

**5** Ngendlela efanayo, nina zi-
nsizwa, zithobeni emadode-
ni amadala.[p] Kodwa nonke
gqokani* ukuthobelana,# ngo-
ba uNkulunkulu uyamelana na-
baziphakamisayo, kodwa aba-
thobekile ubapha umusa om-
khulu.[a]

**6** Ngakho zithobeni ngapha-
nsi kwesandla sikaNkulunku-
lu esinamandla, ukuze anipha-
kamise ngesikhathi esifanele,[b]
**7** niphonse zonke izinkathazo
zenu kuye,[c] ngoba uyanikha-
thalela.[d] **8** Hlalani nisangulu-
kile, qaphani![e] Isitha senu,
uDeveli, sizulazula njengebhu-
besi elibhongayo, sifuna esi-
ngamshwabadela.[f] **9** Kodwa
melanani naye,[g] niqine okho-
lweni, nazi ukuthi izinhluphe-
ko ezifanayo zehlela yonke
inhlangano yabazalwane benu*
emhlabeni.[h] **10** Kodwa nge-
mva kokuba senihluphekile isi-
khashana, uNkulunkulu wawo
wonke umusa omkhulu, owa-
nibizela enkazimulweni yakhe
yaphakade[i] ngoKristu, yena
ngokwakhe uyoqedela ukuqe-
qeshwa kwenu. Uyonenza niqi-
ne,[j] uyonenza nibe namandla,[k]
uyonisekela. **11** Amandla ma-
wabe kuye kuze kube phakade.
Amen.

**12** NgoSilvanu,*[l] engimbhe-
ka njengomzalwane othembeki-
le, nginibhalele amazwi amba-
lwa ukuze nginikhuthaze no-
kuba nginiqinisekise ukuthi lo
yiwo ngempela umusa omkhu-
lu kaNkulunkulu. Yimani niqi-
ne kuwo. **13** Owesifazane ose-
Bhabhiloni, okhethiwe njengani,
uyakhonza kini, kanjalo noMar-
ku[m] indodana yami. **14** Binge-
lelanani ngokuqabulana ngotha-
ndo.

Kwangathi nonke nina eni-
munye noKristu ningaba noku-
thula.

---

**5:1** *Noma, “ngiyala.” **5:2** *Noma, “nibe ababonisi.”

**5:5** *Noma, “bhincani.” #Noma, “isimo sengqondo sokuthobelana.” **5:9** *NgesiGreki, “bonke abafowenu.” **5:12** *Ubizwa nangokuthi uSila.

---

ISAHL. 4
a 1Ti 5:13; 1Pe 2:20
b Kol 1:24; Heb 12:2
c Heb 3:6
d 1Ko 11:32
e 2Th 1:7, 8
f IzA 11:31; Mat 7:13, 14
g 2Ti 1:12

ISAHL. 5
h Rom 8:18
i Isay 40:11; Joh 21:16; IzE 20:28
j Joh 10:11
k 1Ti 3:2, 3
l 2Ko 1:24
m Flp 3:17
n Heb 13:20
o 1Ko 9:25; 2Ti 4:8; 1Pe 1:3, 4
p Efe 5:21; Jak 3:17

Uhla 2
a IzA 3:34; Isay 57:15; Jak 4:6
b Mat 23:12; Luk 14:11
c Mat 6:25
d Hu 55:22
e 1Th 5:6
f Luk 22:31
g Efe 6:11; Jak 4:7
h IzE 14:22; 2Ti 3:12
i 2Ko 4:17; 1Th 2:12
j 2Th 2:16, 17
k Efe 6:10
l IzE 15:27
m IzE 12:12

EYESIBILI KA-

# PETRU

UHLU LOKUPHAKATHI


1 Ukubingelela (1)
Qinisekisani ukubizwa kwenu (2-15)
Izimfanelo ezinezelwa okholweni (5-9)
Izwi lesiprofetho eliqinisekiswe ngokwengeziwe (16-21)

2 Kuyoba khona abafundisi bamanga (1-3)
Abafundisi bamanga bayokwahlulelwa nakanjani (4-10a)
Izingelosi ziphonswa eThartharusi (4)
Uzamcolo; iSodoma neGomora (5-7)
Izinto ababonakala ngazo abafundisi bamanga (10b-22)

3 Abahleki bosulu bayayishalazela imbubhiso ezayo (1-7)
UJehova akephuzi (8-10)
Cabangani ngohlobo lwabantu okufanele nibe yilo (11-16)
Amazulu amasha nomhlaba omusha (13)
Qaphani ukuze ningadukiswa (17, 18)


**1** USimoni Petru, inceku nom-
phostoli kaJesu Kristu, ku-
labo abazuze ukholo oluyigugu
njengolwethu,* ngokulunga ku-
kaNkulunkulu wethu noMsindisi
uJesu Kristu:
**2** Kwangathi ningandiselwa
umusa omkhulu nokuthula ngo-
lwazi olunembile[a] ngoNkulunku-
lu nangoJesu iNkosi yethu,
**3** ngoba amandla akhe aphezu-
lu asinike zonke izinto ezinezela
ekuphileni nasekuzinikeleni ku-
Nkulunkulu ngolwazi olunembi-
le ngaLowo owasibiza[b] ngenka-
zimulo yakhe nobuhle. **4** Nga-
lezi zinto usinike* izithembiso
eziyigugu nezinhle kakhulu,[c]
ukuze ngazo nibe abahlanga-
nyeli benkazimulo kaNkulunku-
lu njengezidalwa zomoya,[d] nje-
ngoba niphunyukile ekonakaleni
okusezweni okubangelwa yisifi-
so esingafanele.#
**5** Ngenxa yalesi sizathu, ye-
nzani konke eningakwenza[e]
ukuba okholweni lwenu ne-
nezele ubuhle,[a] ebuhleni benu
ulwazi,[b] **6** olwazini lwenu
ukuzithiba, ekuzithibeni[c] kwe-
nu ukukhuthazela, ekukhutha-
zeleni kwenu ukuzinikela ku-
Nkulunkulu,[d] **7** ekuzinikeleni
kwenu kuNkulunkulu ukutha-
nda abazalwane, ekuthandeni
kwenu abazalwane uthando.[e]
**8** Ngoba uma lezi zinto zikho-
na kini futhi zichichima, ziyo-
nivimbela ukuba ningabi aba-
ngasebenzi noma abangathe-
li*[f] ngokuqondene nolwazi olu-
nembile ngeNkosi yethu uJesu
Kristu.
**9** Ngoba noma ubani onge-
nazo lezi zinto uyimpumpu-
the, uvala amehlo akhe uku-
ze angakuboni ukukhanya,*[g]
futhi usekukhohliwe ukuhla-
nzwa kwakhe ezonweni[h] zakhe
zakudala. **10** Ngakho-ke, baza-
lwane, yenzani konke okusema-
ndleni enu ukuze niziqinisekise-
le ukubizwa[i] nokukhethwa

**ISAHL. 1**
a Kol 1:9
b Joh 17:3
c Luk 22:29, 30; Joh 14:2; Gal 3:29
d 1Ko 15:53; 1Pe 1:3, 4; 1Jo 3:2; IsA 20:6
e Flp 2:12; 2Ti 2:15; Heb 4:11; Jud 3

**Uhla 2**
a Flp 4:8
b Joh 17:3; Heb 5:14
c 1Ko 9:25; 2Ti 2:24
d 2Pe 2:9
e 1Th 4:9
f Tit 3:14
g 1Jo 2:9; IsA 3:17
h Heb 9:14
i Heb 3:1

**1:1** *Noma, "ukholo oluyilungelo elilingana nelethu." **1:4** *Noma, "usinike ngesihle." #Noma, "yinkanuko."

**1:8** *Noma, "abangakhiqizi." **1:9** *Noma kungaba, "ubona kalufifi."

kwenu, ngoba uma niqhubeka
nenza lezi zinto, anisoze na-
hluleka nanini.[a] **11** Eqiniswe-
ni, ngale ndlela niyobusiswa
ngokucebile* ningene eMbuswe-
ni waphakade[b] weNkosi no-
Msindisi wethu uJesu Kristu.[c]

**12** Ngenxa yalesi sizathu ngi-
yohlale ngikulungele ukunikhu-
mbuza ngalezi zinto, nakuba ni-
zazi futhi nimi niqinile eqini-
sweni elikhona kini. **13** Ko-
dwa ngikubheka njengokufa-
nele, uma nje ngisekuleli ta-
bernakele,*[d] ukunikhumbuza,[e]
**14** njengoba ngazi ukuthi ita-
bernakele lami lizosuswa madu-
zane, njengoba nje neNkosi ye-
thu uJesu Kristu yangiboni-
sa ngokucacile.[f] **15** Ngiyohlale
ngenza konke okusemandleni
ami ukuze lapho sengihambile,
nikwazi ukuzikhumbula* lezi zi-
nto.

**16** Asinazisanga ngamandla
nangokuba khona kweNkosi ye-
thu uJesu Kristu ngokulande-
la izindaba ezingamanga eziqa-
njwe abantu, kunalokho sazi-
bonela mathupha ubukhazikha-
zi bakhe.[g] **17** Ngoba wamuke-
la udumo nenkazimulo kuNkulu-
nkulu uBaba, lapho inkazimulo
enhle kakhulu iletha kuye ama-
zwi anjengalawa:* "Le yiNdo-
dana yami, othandekayo wami,
mina ngokwami engimamuke-
le."[h] **18** Yebo, la mazwi sawe-
zwa evela ezulwini ngesikhathi
sinaye entabeni engcwele.

**19** Ngakho sinezwi lesipro-
fetho eliqinisekiswe ngokwe-
ngeziwe, futhi nenza kahle
ngokulinaka ngokungathi isi-
bani[i] esikhanya endaweni em-
nyama, ezinhliziyweni zenu,
kuze kuse futhi ikhwezi[a] liphu-
me. **20** Ngoba okokuqala ni-
yakwazi lokhu, ukuthi asikho
isiprofetho semiBhalo esivela
kunoma iyiphi incazelo yomu-
ntu ngokwakhe. **21** Ngoba isi-
profetho asikaze silethwe nge-
ntando yomuntu,[b] kodwa aba-
ntu bakhuluma okuvela kuNku-
lunkulu njengoba babeqhu-
tshwa* umoya ongcwele.[c]

**2** Nokho, kwaba khona na-
baprofethi bamanga phaka-
thi kwesizwe, njengoba beyoba
khona abafundisi bamanga na-
phakathi kwenu.[d] Laba bayo-
ngenisa ngesinyenyela amahle-
lo ayoqeda ukholo lwenu fu-
thi bayophika ngisho nomnika-
zi owabathenga,[e] ngenxa yalo-
kho bayobhujiswa ngokushesha.
**2** Ngaphezu kwalokho, abani-
ngi bayolandela izenzo zabo
zokuziphatha kabi okuhambisa-
na nendelelo,*[f] futhi ngenxa
yabo indlela yeqiniso iyohla-
njalazwa.[g] **3** Ngobugovu bayo-
nixhaphaza ngamazwi enkohli-
so. Kodwa isahlulelo sabo, esa-
nqunywa kudala,[h] asibahambeli
kancane futhi ukubhujiswa kwa-
bo akozeli.[i]

**4** Ngokuqinisekile uNkulu-
nkulu akayekanga ukujezisa
izingelosi ezona,[j] kodwa wa-
ziphonsa eTharthatharusi,*[k] ezibo-
pha ngamaketanga# obumnya-
ma obukhulu ukuze zigcine-
lwe ukwahlulelwa.[l] **5** Akayeka-
nga nokujezisa izwe lasendu-
lo,[m] kodwa wagcina uNowa, um-
shumayeli wokulunga,[n] ephephi-
le nabanye abayisikhombisa[o] la-
pho eletha uzamcolo ezwe-

ISAHL. 1
a 2Ti 4:7, 8
b Dan 2:44
c Luk 16:9 Joh 3:5
d 2Ko 5:1
e Rom 15:15 Jud 5
f Joh 21:18
g Mat 17:2 Mar 9:2 Luk 9:29
h Hu 2:7 Mat 17:1, 5 Mar 9:7 Luk 9:35
i Hu 119:105 Joh 1:9

Uhla 2
a Num 24:17 IsA 22:16
b 2Ti 3:16
c 2Sa 23:2 IzE 1:16 IzE 28:25 1Pe 1:11

ISAHL. 2
d Mat 24:24 1Ti 4:1
e 1Ko 6:20
f Jud 4
g Isay 52:5
h Jud 4
i 2Pe 3:9
j Gen 6:4 Efe 6:12
k 1Pe 3:19, 20
l Jud 6
m Gen 7:23
n Gen 6:9 Heb 11:7
o Gen 8:18

**1:11** *Noma, "niyophiwa ngokuchichimayo ukuba." **1:13** *Noma, "tende," okuwukuthi, umzimba wakhe wenyama. **1:15** *Noma, "ukuzisho." **1:17** *NgesiGreki, "anjengaleli zwi."

**1:21** *Noma, "babeshukunyiswa." **2:2** *Noma, "izenzo zabo zokuziphatha okuyichilo." Inkulumo esebuningini yegama lesiGreki elithi *a·selʹgei·a.* Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **2:4** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. #Noma kungaba, "emigodini."

ni labantu abangamhloniphi uNkulunkulu.[a] **6** Futhi washisa amadolobha aseSodoma naseGomora aba umlotha, wawalahla,[b] ebekela abantu abangamhloniphi uNkulunkulu isibonelo sezinto ezizayo.[c] **7** Wakhulula uLoti olungile,[d] owayecindezeleke kakhulu ngenxa yokuziphatha kabi okuhambisana nendelelo* kwabantu abangenamthetho— **8** ngoba usuku nosuku lowo muntu olungile wayehlupha umphefumulo* wakhe olungile ngenxa yezenzo zokungabi namthetho azibona nazizwa ngesikhathi esahlala phakathi kwabo. **9** Ngakho uJehova* uyayazi indlela yokubakhulula ekulingweni abantu abazinikele kuye,[e] kodwa agcine abantu abangalungile ukuze babhujiswe# ngosuku lokwahlulelwa,[f] **10** ikakhulukazi labo abazitika ngocansi nabanye ukuze babangcolise[g] kanye nalabo abangalihloniphi igunya.*[h]

Njengoba benamagangangozi futhi benenkani, abesabi ukuhlambalaza abakhazimulayo, **11** kanti izingelosi, nakuba zinezikhwepha namandla amakhulu kunabo, aziziletheli icala ngamazwi ahlambalazayo, ngenxa yokuhlonipha# uJehova.*[i] **12** Kodwa laba bantu, njengezilwane ezingenangqondo ezilandela umuzwa wemvelo* futhi ezizalelwa ukuba zibanjwe zibulawe, bakhuluma amazwi okuhlambalaza ngezinto abangenalwazi ngazo.[j] Bayobhujiswa ngenxa yenkambo yabo embi, **13** bajeziswe njengomphumela wezenzo zabo ezimbi.

Bakubheka njengenjabulo ukuphila ngokunethezeka[a] ngisho nasemini. Bangamabala nezisihla, bajabula* ezimfundisweni zabo zokukhohlisa kuyilapho bedla emadilini kanye nani.[b] **14** Banamehlo agcwele ukuphinga[c] futhi abakwazi ukuyeka isono, bayenga abangagxilile. Banezinhliziyo eziqeqeshelwe ukuhaha. Bangabantwana abaqalekisiwe. **15** Bashiye indlela eqondile, badukiswa. Baye balandela indlela kaBhalami,[d] indodana kaBheyori, owathanda umvuzo ayezowuthola ngokwenza okubi,[e] **16** kodwa wasolwa ngokwaphula kwakhe lokho okwakulungile.[f] Isilwane esithwalayo esingenazwi, sikhuluma ngezwi lomuntu, sanqanda inkambo yobuhlanya yalowo mprofethi.[g]

**17** Laba bayimithombo engenamanzi, nenkungu eqhutshwa isivunguvungu esinamandla, futhi babekelwe ubumnyama obukhulu.[h] **18** Bakhuluma amazwi okuzikhukhumeza angasizi ngalutho. Ngezifiso zenyama[i] nangezenzo zokuziphatha kabi okuhambisana nendelelo,* bayenga abantu abasanda kuphunyuka kulabo abaphila esonweni.[j] **19** Nakuba bebathembisa inkululeko, bona ngokwabo bayizigqila zokonakala;[k] ngoba noma ubani onqotshwa omunye, uyisigqila sakhe.*[l] **20** Ngokuqinisekile uma ngemva kokuphunyuka

ISAHL. 2
- a 2Pe 3:6
- b Gen 19:24, 25
- c Jud 7
- d Gen 19:15, 16
- e Hu 34:19; 1Ko 10:13; 2Ti 4:18; IsA 3:10
- f Rom 2:5; 2Pe 3:7
- g Jud 7
- h Eks 22:28; Jud 8
- i Jud 9
- j Jud 10

Uhla 2
- a Rom 13:13
- b Jud 12
- c Mat 5:28
- d Num 22:5, 6; Jud 11; IsA 2:14
- e Num 22:7; Neh 13:2
- f Num 22:31, 34; Num 31:8
- g Num 22:28
- h Jud 12, 13
- i Jud 16
- j 2Pe 2:14
- k 1Pe 2:16
- l Rom 6:16

**2:7** *Noma, "yokuziphatha okuyichilo." NgesiGreki, *a·selʹgei·a.* Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **2:8** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **2:9, 11** *Bheka iSithasiselo A5. **2:9** #NgesiGreki "banqunywe." **2:10** *Noma, "ababubukela phansi ubukhosi." **2:11** #Noma, "yokuhlonipha phambi." **2:12** *Noma, "ezingenangqondo ngokwemvelo."

**2:13** *Noma, "bathola injabulo echichimayo." **2:18** *Noma, "nangezenzo zokuziphatha okuyichilo." Inkulumo esebuningini yegama lesiGreki elithi *a·selʹgei·a.* Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **2:19** *Noma, "onqotshwa okuthile, uyisigqila sako."

ekungcoleni kwezwe[a] ngolwazi
olunembile ngeNkosi noMsindi-
si uJesu Kristu, bephinda behi-
leleka kuzo kanye lezi zinto fu-
thi benqotshwa, izimo zabo zo-
kugcina sezizimbi kakhulu kune-
zokuqala.[b] **21** Bekuyoba ngco-
no ukuba babengayazanga ngo-
kunembile indlela yokulunga ku-
nokuthi ngemva kokuyazi, bafu-
lathele umyalo ongcwele abawu-
thola.[c] **22** Kwenzeke kubo isa-
ga esiyiqiniso esithi: "Inja ibu-
yele emhlanzweni wayo,* nengu-
lube yensikazi ebigeziwe ibuyele
ekuzigingqeni odakeni."[d]

**3** Bathandekayo, le ncwadi
ngeyesibili enginibhalela
yona, njengasencwadini yami
yokuqala, ngivusa ngayo ama-
ndla enu okucabanga ngokuca-
cile, ngendlela yokunikhumbu-
za,[e] **2** ukuba nikhumbule ama-
zwi akhulunywa ngaphambili*
abaprofethi abangcwele nomya-
lo weNkosi noMsindisi ena-
wuthola ngababaphostoli benu.
**3** Okokuqala yazini lokhu, uku-
thi ezinsukwini zokugcina kuyo-
fika abahleki bosulu nokuhleka
kwabo usulu, beqhubeka ngo-
kwezifiso zabo[f] **4** bethi: "Ku-
phi lokhu kuba khona kwakhe
okuthenjisiwe?[g] Phela, kusuke-
la osukwini okhokho bethu aba-
fa ngalo, zonke izinto ziqhube-
ka ngokufana ncamashi naseku-
qaleni kwendalo."[h]

**5** Ngoba balishalazela nga-
mabomu leli qiniso, lokuthi ku-
dala ayekhona amazulu nomhla-
ba omi uqinile uvele emanzini
futhi uphakathi kwamanzi nge-
zwi likaNkulunkulu;[i] **6** nokuthi
ngawo izwe langaleso sikhathi
labhujiswa lapho limbozwa ama-
nzi.[j] **7** Kodwa ngezwi elifana-
yo amazulu nomhlaba okukho-
na manje kubekelwe umlilo fu-
thi kuyagcinwa kuze kube usu-
ku lokwahlulelwa nolokubhuji-
swa kwabantu abangamhloniphi
uNkulunkulu.[a]

**8** Nokho, lokhu makungani-
phunyuki, bathandekayo, uku-
thi usuku olulodwa kuJeho-
va* lunjengeminyaka eyinku-
lungwane neminyaka eyinku-
lungwane injengosuku olulo-
dwa.[b] **9** UJehova* akephuzi
ukugcwalisa isithembiso sa-
khe,[c] njengoba abanye aba-
ntu becabanga ukuthi uye-
phuza, kodwa uyanibekezelela
ngoba akafisi ukuba kubhubhe
ngisho noyedwa, kodwa ufi-
sa ukuba bonke baphenduke.[d]
**10** Kodwa usuku lukaJehova*[e]
luyofika njengesela,[f] okuyodlu-
la ngalo amazulu[g] ngenhloko-
mo,# kodwa izakhi njengoba zi-
yobe zishisa kakhulu ziyoncibi-
lika, futhi umhlaba nemisebe-
nzi ekuwo kuyokwambulwa.[h]

**11** Njengoba zonke lezi zinto
ziyoncibilika ngale ndlela, caba-
ngani ngohlobo lwabantu okufa-
nele nibe yilo ezenzweni zokuzi-
phatha ezingcwele nasezenzwe-
ni zokuzinikela kuNkulunkulu,
**12** njengoba nilindele futhi ni-
kukhumbula njalo# ukufika ko-
suku lukaJehova,*[i] okuyothi
ngalo amazulu ashiswe ngomli-
lo aphele[j] nezinto zawo zincibili-
ke ngenxa yokushisa okukhulu!
**13** Kodwa kukhona amazulu
amasha nomhlaba omusha esi-
kulindele ngokwesithembiso sa-
khe,[k] futhi kukho kuyohlala
ukulunga.[l]

**14** Ngakho-ke, bathandeka-
yo, njengoba nilindele lezi zi-
nto, yenzani konke okuse-
mandleni enu ukuba ekugci-
neni anithole ningenabala, ni-

ISAHL. 2
a 2Pe 1:4
b Heb 6:4-6; Heb 10:26
c Luk 12:47; Joh 15:22
d IzA 26:11

ISAHL. 3
e Rom 15:15; 2Pe 1:13
f Jud 17, 18
g Jer 17:15; Mat 24:48; Luk 12:45
h Hez 12:22, 27
i Gen 1:6, 9
j Gen 7:11, 23; Mat 24:38, 39

Uhla 2
a Dut 7:10; 2Th 1:7-9
b Hu 90:4
c Hab 2:3
d Rom 2:4
e Jow 2:31; Zef 1:14
f 1Th 5:2
g IsA 21:1
h Hu 37:10; Isay 13:9; Zef 1:18; IsA 6:14
i Zef 1:14
j Isay 34:4
k Isay 65:17; Isay 66:22; IsA 21:1
l Isay 11:4, 5

---

**2:22** *Noma, "ebuhlanzweni bayo." **3:2** *Noma, "izinto ezabikezelwa."

**3:8-10, 12** *Bheka iSithasiselo A5. **3:10** #Noma, "ngomsindo ohazayo." **3:12** #Noma, "nikulangazelela." NgesiGreki, "nikusheshisa."

ngenasici futhi ninokuthula.[a]
**15** Ngaphezu kwalokho, bhe-
kani ukubekezela kweNkosi
yethu njengensindiso, njengo-
ba nje umfowethu othandeka-
yo uPawulu naye anibhalela
ngokuhlakanipha akunikwa,[b]
**16** ekhuluma ngalezi zinto nje-
ngoba enza kuzo zonke izi-
ncwadi zakhe. Nokho, kukho-
na izinto ezithile kuzo okunzi-
ma ukuziqonda, abangazi lu-
tho* nabangagxilile bayaziso-
nta lezi zinto, njengoba benza
nakuyo yonke eminye imiBha-
lo, okuyobenza babhujiswe.
**17** Ngakho-ke, nina batha-
ndekayo, njengoba vele sena-
zi, qaphani ukuze ningaduki-
swa kanye nabo ngesipha-
mbeko sabantu abangenamthe-
tho futhi niwe ekugxileni* kwe-
nu.[a] **18** Cha, kodwa qhubeka-
ni nikhula emseni omkhulu na-
solwazini ngeNkosi noMsindi-
si wethu uJesu Kristu. Inka-
zimulo mayibe kuye manje
nasosukwini lwangunaphaka-
de. Amen.

**3:16** *Noma, "abangafundisiwe."

**3:17** *Noma, "ekuzinzeni."

ISAHL. 3
a 2Ko 13:11
b Rom 2:4

Uhla 2
a Mat 24:24
Efe 4:14

## EYOKUQALA KA-
# JOHANE

### UHLU LOKUPHAKATHI


1 Izwi lokuphila (1-4)
Ukuhamba ekukhanyeni (5-7)
Isidingo sokuvuma izono (8-10)

2 UJesu, umhlatshelo oyisihlawulelo (1, 2)
Ukugcina imiyalo yakhe (3-11)
Umyalo omdala nomusha (7, 8)
Izizathu zokubhala (12-14)
Ningalithandi izwe (15-17)
Isixwayiso ngomphik' ukristu (18-29)

3 Singabantwana bakaNkulunkulu (1-3)
Abantwana bakaNkulunkulu nabakaDeveli (4-12)
UJesu uzobhidliza imisebenzi kaDeveli (8)
Thandanani (13-18)
UNkulunkulu mkhulu kunezinhliziyo zethu (19-24)

4 Ukuvivinya izimfundiso (1-6)
Ukwazi uNkulunkulu nokumthanda (7-21)
"UNkulunkulu uluthando" (8, 16)
Akukho ukwesaba othandweni (18)

5 Ukholo kuJesu lunqoba izwe (1-12)
Lokho okushiwo uthando ngoNkulunkulu (3)
Ukuqiniseka ngamandla omthandazo (13-17)
Qaphani ezweni elibi (18-21)
Lonke izwe lisemandleni omubi (19)


**1** Lokho okwakukhona kusu-
kela ekuqaleni, esikuzwi-
le, esikubonile ngamehlo ethu,
esikuqaphelile nezandla ze-
thu ezikuthintile, okuphathele-
ne nezwi lokuphila,[a] **2** (yebo,
ukuphila kwenziwa kwabona-
kala, sibonile futhi siyafaka-
za[a] futhi sinibikela ngokuphi-
la okuphakade[b] okwakuno-
Yise futhi kwabonakaliswa
kithi), **3** lokho esikubonile

ISAHL. 1
a Joh 1:4
Joh 6:68

Uhla 2
a Joh 21:24
IzE 2:32
b Joh 17:3

nesikuzwile sinibikela kona
nani,[a] ukuze nani nibe nesabe-
lo* kanye nathi. Ngaphezu kwa-
lokho, lesi sabelo sethu siku-
Baba neNdodana yakhe uJesu
Kristu.[b] 4 Ngakho sibhala lezi
zinto ukuze injabulo yethu
igcwale.

5 Yilo umyalezo esawuzwa
kuye futhi esinazisa wona:
uNkulunkulu ungukukhanya[c]
futhi abukho nhlobo ubumnya-
ma kuye.* 6 Uma sithi, “Sine-
sabelo kanye naye,” kodwa sibe
siqhubeka sihamba ebumnya-
meni, siqamba amanga asiphi-
li ngeqiniso.[d] 7 Nokho, uma
sihamba ekukhanyeni njengo-
ba naye ngokwakhe esekukha-
nyeni, sinaso isabelo esisihla-
nganyelayo futhi igazi likaJe-
su, iNdodana yakhe, lisihlanza
kuso sonke isono.[e]

8 Uma sithi, “Asinaso isono,”
siyazikhohlisa[f] neqiniso ali-
kho kithi. 9 Uma sizivuma
izono zethu, yena uthembeki-
le futhi ulungile ukuba asi-
thethelele izono zethu, asihla-
nze kukho konke ukungalungi.[g]
10 Uma sithi, “Asonanga,” si-
menza umqambimanga, futhi
izwi lakhe alikho kithi.

**2** Bantwanyana bami, ngini-
bhalela lezi zinto ukuze ni-
ngasenzi isono. Nokho, uma
umuntu enza isono, sinomsi-
zi* kuBaba, uJesu Kristu,[h]
olungile.[i] 2 Ungumhlatshelo
oyisihlawulelo*[j] wezono ze-
thu,[k] nokho kungezona ezethu
kuphela kodwa nezalo lonke
izwe.[l] 3 Sazi ngalokhu ukuthi
sesiyamazi, okungukuthi, uma
siqhubeka sigcina imiyalo ya-
khe. 4 Lowo othi, “Sengiya-
mazi,” kodwa engayigcini imi-
yalo yakhe, ungumqambima-
nga, iqiniso alikho kulowo mu-
ntu. 5 Kodwa umuntu oligci-
nayo izwi lakhe, uthando luka-
Nkulunkulu lwenziwe lwaphe-
lela ngempela kulowo muntu.[a]
Sazi ngalokhu ukuthi simu-
nye naye.[b] 6 Lowo othi uhlala
emunye naye ungaphansi kwe-
sibopho sokuqhubeka ehamba
njengoba nje lowo ahamba.[c]

7 Bathandekayo, anginibha-
leli umyalo omusha, kodwa
umyalo omdala ebenilokhu ni-
nawo kusukela ekuqaleni.[d] Lo
myalo omdala uyizwi enali-
zwa. 8 Ngakolunye uhlango-
thi, nginibhalela umyalo omu-
sha, oyiqiniso ngokuqonde-
ne naye nangokuqondene nani,
ngoba ubumnyama buyadlula
futhi ukukhanya kweqiniso se-
kuyakhanya.[e]

9 Lowo othi usekukhanyeni
kodwa ebe ezonda[f] umfowabo
usesebumnyameni.[g] 10 Lowo
othanda umfowabo uhlala ese-
kukhanyeni,[h] futhi ayikho into
emkhubayo. 11 Kodwa lowo
ozonda umfowabo usebumnya-
meni futhi uhamba ebumnya-
meni,[i] akazi nokuthi uyaphi,
ngoba ubumnyama buwaphu-
phuthekisile amehlo akhe.[j]

12 Ngibhalela nina, bantwa-
nyana, ngoba nithethelelwe
izono zenu ngenxa yegama la-
khe.[k] 13 Ngibhalela nina, bo-
baba, ngoba seniyamazi lowo
obekhona kusukela ekuqaleni.
Ngibhalela nina, zinsizwa, ngo-
ba nimnqobile omubi.[l] Ngibha-
lela nina, bantwana, ngoba se-
niyamazi uBaba.[m] 14 Ngibha-
lela nina, bobaba, ngoba seni-
yamazi lowo obekhona kusuke-
la ekuqaleni. Ngibhalela nina,
zinsizwa, ngoba ninamandla[n]
nezwi likaNkulunkulu lihlala
kini[o] futhi nimnqobile omubi.[p]

---

1:3 *Noma, “nobuhlobo.” 1:5 *Noma, “obuhlangene naye.” 2:1 *Noma, “sinommeli.” 2:2 *Noma, “Ungumhlatshelo ohlawulela; Uyinhlawulo.”

ISAHL. 1

*a* Joh 15:26, 27; IzE 4:20
*b* Joh 17:20, 21
*c* Jak 1:17
*d* 2Ko 6:14; Efe 5:8; Tit 1:16; 1Jo 2:4
*e* Rom 3:25; Efe 1:7; Heb 9:14; Heb 10:22; IsA 1:5
*f* 1Kh 8:46; Shu 7:20
*g* Hu 32:5; IzA 28:13; Jak 5:16

ISAHL. 2

*h* Rom 8:34; Heb 7:25
*i* 1Ti 2:5
*j* 1Ko 5:7
*k* Isay 53:5; Rom 3:25; 1Ti 1:15; Heb 2:17; 1Pe 2:24; 1Jo 4:10
*l* Mat 20:28; Joh 1:29

Uhla 2

*a* 1Jo 4:18
*b* Joh 14:20; Joh 17:21
*c* Joh 13:15; 1Pe 2:21
*d* Joh 13:34; 2Jo 5
*e* Joh 1:9; Joh 8:12
*f* Efe 4:31; Kol 3:8
*g* 1Ko 13:2; 1Jo 3:15
*h* Efe 5:8
*i* 1Jo 4:20
*j* Joh 12:35
*k* Luk 24:47; IzE 4:12; IzE 10:43
*l* Jak 4:7; 1Jo 5:19; IsA 12:10, 11
*m* Joh 17:25
*n* Efe 6:10
*o* 3Jo 3
*p* Rom 8:37

**15** Ningalithandi izwe noma
izinto ezisezweni.[a] Uma umu-
ntu ethanda izwe, uthando lu-
kaBaba alukho kuye;[b] **16** ngo-
ba konke okusezweni—isifi-
so senyama[c] nesifiso same-
hlo[d] nokugabisa ngalokho umu-
ntu aziphilisa ngakho*—akuve-
li kuBaba, kodwa kuvela ezwe-
ni. **17** Ngaphezu kwalokho,
izwe liyadlula, kanjalo nesifiso
salo,[e] kodwa lowo owenza inta-
ndo kaNkulunkulu uhlala kuze
kube phakade.[f]

**18** Bantwana, yihora lokugci-
na, futhi njengoba nje nizwi-
le ukuthi umphik' ukristu uye-
za,[g] ngisho namanje sekunaba-
phik' ukristu abaningi;[h] okuyi-
qiniso esazi ngalo ukuthi yiho-
ra lokugcina. **19** Baphuma ki-
thi, kodwa babengebona abo-
hlobo lwethu;*[i] ukube babe-
ngabohlobo lwethu, babeyohla-
la nathi. Kodwa baphuma uku-
ze kuboniswe ukuthi akubona
bonke abangabohlobo lwethu.[j]
**20** Nina nigcotshwe ngongcwe-
le,[k] nonke ninolwazi. **21** Angi-
nibhaleli ngoba ningalazi iqini-
so,[l] kodwa ngoba nilazi, nange-
nxa yokuthi akukho manga ave-
la eqinisweni.[m]

**22** Ngubani ongumqambima-
nga uma kungeyena lowo ophi-
ka ukuthi uJesu unguKristu?[n]
Lowo nguye umphik' ukristu,[o]
lowo ophika uBaba neNdoda-
na. **23** Wonke umuntu ophika
iNdodana akanabo ubunye no-
Baba.[p] Kodwa noma ubani ovu-
ma iNdodana[q] unobunye noBa-
ba futhi.[r] **24** Kepha nina, lo-
kho enakuzwa kusukela ekuqa-
leni kumele kuhlale kini.[s] Uma
lokho enakuzwa kusukela eku-
qaleni kuhlala kini, nani niyo-
hlala nimunye neNdodana futhi
nimunye noBaba. **25** Ngaphe-
zu kwalokho, nansi into asithe-
mbisa yona—ukuphila okupha-
kade.[a]

**26** Nginibhalela lezi zinto
ngokuphathelene nalabo aba-
zama ukunidukisa. **27** Kepha
nina, ukugcotshwa enakwamu-
kela kuye[b] kuhlala kini, fu-
thi anidingi muntu ukuba ani-
fundise; kodwa ukugcotshwa
okuvela kuye kunifundisa
zonke izinto,[c] futhi kuyiqini-
so akuwona amanga. Njengo-
ba nje kunifundisile, hlalani
nimunye naye.[d] **28** Ngakho-
ke, bantwanyana, hlalani nimu-
nye naye, ukuze lapho ebona-
kaliswa sibe nenkululeko yoku-
khuluma[e] futhi singamshalaze-
li sinamahloni ekubeni khona
kwakhe. **29** Uma nazi ukuthi
ulungile, niyazi nokuthi wonke
umuntu owenza ukulunga uze-
lwe nguye.[f]

**3** Bonani ukuthi luhlobo luni
lothando uBaba asinike
lona,[g] ukuba sibizwe ngoku-
thi singabantwana bakaNkulu-
nkulu![h] Futhi yilokho esiyikho.
Yingakho izwe lingasazi[i] ngo-
ba alimazanga yena.[j] **2** Ba-
thandekayo, manje sesingaba-
ntwana bakaNkulunkulu,[k] ko-
dwa okwamanje akukabonaka-
liswa lokho esiyoba yikho.[l] Si-
yazi ukuthi lapho ebonakali-
swa siyoba njengaye, ngoba si-
yombona enjengoba nje enjalo.
**3** Wonke umuntu othembela
kuye uyazihlanza[m] njengoba
nje nalowo ehlanzekile.

**4** Wonke umuntu owenza iso-
no weqa umthetho, isono siwu-
kweqa umthetho. **5** Niyazi no-
kuthi wabonakaliswa ukuze asu-
se izono zethu,[n] futhi asikho
isono kuye. **6** Wonke umuntu

---

**2:16** *Noma, "nokuqhosha ngezinto umuntu anazo." **2:19** *Noma, "babengebona abethu."

ISAHL. 2
a Rom 12:2 1Ko 7:31 Tit 2:11, 12
b Mat 6:24 Jak 4:4
c Mat 5:28 Rom 13:14
d Gen 3:6 IzA 27:20 Mat 4:8
e 1Ko 7:31 1Pe 1:24
f Hu 37:29 Mat 7:21 Joh 6:40
g 2Th 2:3 2Pe 2:1
h 2Th 2:7 2Jo 7 Jud 4
i IzE 20:30
j 1Ko 11:19
k 2Ko 1:21 1Jo 2:27
l Joh 8:31, 32
m Joh 8:44
n 1Jo 4:3 2Jo 7
o 1Jo 2:18
p Joh 5:23 2Jo 9
q Rom 10:9, 10
r 1Jo 4:15
s Joh 14:23 2Jo 6

Uhla 2
a Joh 17:3 1Jo 1:2
b 2Ko 1:21 1Jo 2:20
c Joh 14:26 Joh 16:13
d Joh 17:21
e 1Jo 4:17
f 1Pe 1:23 1Jo 4:7

ISAHL. 3
g Joh 3:16
h Joh 1:12, 13
i Joh 15:19
j Joh 17:25
k Rom 8:15, 16 Efe 1:5
l 1Ko 15:49 Flp 3:20, 21
m 2Ko 7:1
n Lev 16:21, 22 Isay 53:11 Joh 1:29

ohlala emunye naye akasenzi
isono;[a] akekho owenza iso-
no ombonile noma omaziyo.
**7** Bantwanyana, maningaduki-
swa muntu; lowo owenza uku-
lunga ulungile, njengoba nje
nalowo elungile. **8** Lowo owe-
nza isono uvela kuDeveli, ngo-
ba uDeveli ubelokhu ona kusu-
kela ekuqaleni.*[b] INdodana ka-
Nkulunkulu yabonakaliswa nge-
nxa yale njongo, ukuzobhidliza#
imisebenzi kaDeveli.[c]

**9** Wonke umuntu ozelwe
uNkulunkulu akasenzi isono,[d]
ngoba imbewu* yaKhe ihlala
kulowo muntu, futhi akakwazi
ukwenza isono, ngoba uzelwe
uNkulunkulu.[e] **10** Abantwana
bakaNkulunkulu nabantwana
bakaDeveli babonakala ngalo-
khu: Noma ubani ongakwenzi
ukulunga nalowo ongamthandi
umfowabo akaveli kuNkulu-
nkulu.[f] **11** Ngoba yilo umyale-
zo eniwuzwile kusukela ekuqa-
leni, ukuthi kufanele sithanda-
ne;[g] **12** singafani noKhayini,
owayevela komubi futhi wabu-
lala umfowabo.[h] Wambulalela-
ni? Ngoba imisebenzi yakhe ya-
yimibi,[i] kodwa eyomfowabo ilu-
ngile.[j]

**13** Bafowethu, kunganima-
ngazi ukuthi izwe liyanizo-
nda.[k] **14** Siyazi ukuthi sidluli-
le ekufeni saya ekuphileni,[l] ngo-
ba siyabathanda abafowethu.[m]
Lowo ongenalo uthando uhlala
esekufeni.[n] **15** Wonke umuntu
ozonda umfowabo ungumbula-
li,[o] futhi niyazi ukuthi akukho
mbulali onokuphila okuphaka-
de okuhlezi kuye.[p] **16** Siye
salwazi ngalokhu uthando, ngo-
ba lowo wanikela ngokuphila*
kwakhe ngenxa yethu,[a] nathi si-
ngaphansi kwesibopho sokuni-
kela ngokuphila* kwethu nge-
nxa yabafowethu.[b] **17** Kodwa
noma ubani onezinto zaleli zwe
zokusekela ukuphila futhi abo-
ne umfowabo eswele nokho
angambonisi ububele, uthando
lukaNkulunkulu luhlala ngayi-
phi indlela kuye?[c] **18** Bantwa-
nyana, kufanele sithande, hha-
yi ngezwi noma ngomlomo,[d] ko-
dwa ngesenzo[e] nangeqiniso.[f]

**19** Ngalokhu siyokwazi uku-
thi sivela eqinisweni, futhi si-
yoqinisekisa* izinhliziyo ze-
thu phambi kwakhe **20** ngo-
kuqondene nanoma yini
inhliziyo yethu engase isila-
hle kuyo, ngoba uNkulunku-
lu mkhulu kunezinhliziyo ze-
thu futhi wazi zonke izinto.[g]
**21** Bathandekayo, uma izinhli-
ziyo zethu zingasilahli, sine-
nkululeko yokukhuluma no-
Nkulunkulu;[h] **22** futhi noma
yini esiyicelayo siyayamukela
kuye,[i] ngoba sigcina imiyalo ya-
khe futhi senza okumjabulisa-
yo. **23** Ngempela, yilo umya-
lo wakhe: ukuba sibe nokholo
egameni leNdodana yakhe uJe-
su Kristu[j] futhi sithandane,[k]
njengoba nje asinika umyalo.
**24** Ngaphezu kwalokho, lowo
ogcina imiyalo yakhe uhlala
emunye naye, naye emunye
nalowo muntu.[l] Ngenxa yomo-
ya asinika wona, siyazi ukuthi
uhlala emunye nathi.[m]

**4** Bathandekayo, ningakho-
lwa yizo zonke izimfundiso*
okuthiwa zivela kuNkulunku-
lu,[n] kodwa zivivinyeni izimfu-
ndiso# ukuze nibone ukuthi zi-

ISAHL. 3
*a* Rom 6:12
*b* Gen 3:14; Joh 8:44
*c* Joh 16:33; Heb 2:14
*d* 1Jo 5:18
*e* 1Pe 1:23
*f* 1Jo 4:8
*g* Joh 13:34; 1Jo 2:7; 2Jo 5
*h* Gen 4:8
*i* Gen 4:5
*j* Gen 4:4; Heb 11:4
*k* Mat 5:11; Joh 15:18; 2Ti 3:12
*l* Joh 5:24; Rom 8:2
*m* 1Jo 2:10
*n* Joh 3:36
*o* Mat 5:21, 22; Efe 4:31
*p* Gen 9:6; Num 35:31; IsA 21:8

Uhla 2
*a* Joh 3:16; Joh 13:1; Joh 15:13
*b* Joh 13:15; Rom 16:3, 4; 1Th 2:8
*c* Dut 15:7, 8; Luk 3:11; Rom 12:13; Jak 2:15, 16; 1Jo 4:20
*d* Rom 12:9
*e* Jak 1:22; Jak 2:17
*f* 1Pe 1:22
*g* Heb 4:13
*h* Heb 4:16; 1Jo 5:14
*i* Hu 34:15; Mat 7:8; 1Pe 3:12
*j* Joh 6:29
*k* Joh 13:34
*l* 1Jo 2:24
*m* Joh 14:23

ISAHL. 4
*n* 2Th 2:1, 2; 1Ti 4:1

**3:8** *Noma, "lapho eqala." #Noma, "ukuzobhubhisa." **3:9** *Okuwukuthi, imbewu ekwazi ukuthela izithelo. **3:16** *Noma, "ngomphefumulo."

**3:16** *Noma, "ngemiphefumulo." **3:19** *Noma, "siyonxenxa." **4:1** *Noma, "izinkulumo eziphefumulelwe," ngesiGreki, "yiyo yonke imimoya." #Noma, "izinkulumo eziphefumulelwe," ngesiGreki, "imimoya."

vela kuNkulunkulu yini,[a] ngo-
ba sekukhona abaprofethi aba-
ningi bamanga ezweni.[b]
2 Imfundiso evela kuNkulu-
nkulu niyazi ngalokhu: Zonke
izimfundiso ezivuma uJesu
Kristu njengowafika enyameni
zivela kuNkulunkulu.[c] 3 Ko-
dwa zonke izimfundiso ezinga-
mvumi uJesu aziveli kuNku-
lunkulu.[d] Ngaphezu kwalokho,
yiyo le imfundiso yomphik'
ukristu enezwa ukuthi iye-
za,[e] futhi manje isisezweni ka-
kade.[f]
4 Bantwanyana, nivela ku-
Nkulunkulu, futhi nibanqobi-
le,*[g] ngoba lowo onobunye
nani[h] mkhulu kunalowo ono-
bunye nezwe.[i] 5 Bavela ezwe-
ni;[j] yingakho bekhuluma oku-
vela ezweni futhi izwe liba-
lalela.[k] 6 Thina sivela kuNku-
lunkulu. Noma ubani owazi
uNkulunkulu uyasilalela;[l] noma
ubani ongaveli kuNkulunkulu
akasilaleli.[m] Yile ndlela esihlu-
kanisa ngayo imfundiso yeqini-
so nemfundiso engamanga.[n]
7 Bathandekayo, masiqhu-
beke sithandana[o] ngoba utha-
ndo luvela kuNkulunkulu, wo-
nke umuntu onothando uze-
lwe uNkulunkulu futhi uyamazi
uNkulunkulu.[p] 8 Noma uba-
ni ongenalo uthando akama-
zi uNkulunkulu, ngoba uNku-
lunkulu uluthando.[q] 9 Ngalo-
khu uthando lukaNkulunku-
lu lwaboniswa kithi, ngokuthi
uNkulunkulu wathumela iNdo-
dana yakhe ezelwe yodwa[r]
ezweni ukuze sizuze ukuphila
ngayo.[s] 10 Uthando lusho lo-
khu, akukhona ukuthi thina
siye samthanda uNkulunkulu,
kodwa ukuthi yena wasithanda
futhi wathumela iNdodana ya-
khe njengomhlatshelo oyisihla-
wulelo*[a] wezono zethu.[b]
11 Bathandekayo, uma kuyi-
le ndlela uNkulunkulu asi-
thanda ngayo, khona-ke nathi
sibophekile ukuba sithandane.[c]
12 Akekho umuntu owake wa-
bona uNkulunkulu.[d] Uma si-
qhubeka sithandana, uNkulu-
nkulu uhlala kithi nothando
lwakhe lwenziwa luphelele ki-
thi.[e] 13 Ngalokhu siyazi uku-
thi sihlale simunye naye futhi
naye emunye nathi, ngoba usi-
nike umoya wakhe. 14 Nga-
phezu kwalokho, nathi ngo-
kwethu sibonile futhi siya-
fakaza ukuthi uBaba uthume-
le iNdodana yakhe njengomsi-
ndisi wezwe.[f] 15 Noma ubani
ovumayo ukuthi uJesu uyiNdo-
dana kaNkulunkulu,[g] uNkulu-
nkulu uhlala emunye nomuntu
onjalo naye abe munye noNku-
lunkulu.[h] 16 Nathi siye salwa-
zi futhi siyalukholelwa uthando
uNkulunkulu analo ngathi.[i]
UNkulunkulu uluthando,[j] fu-
thi lowo ohlala othandwe-
ni uhlala emunye noNkulunku-
lu, noNkulunkulu uhlala emu-
nye naye.[k] 17 Uthando lwe-
nziwe lwaphelela ngale ndlela
kithi, ukuze sibe nenkululeko
yokukhuluma*[l] ngosuku lokwa-
hlulela, ngoba njengoba nje
lowo enjalo, sinjalo nathi kule-
li zwe. 18 Akukho ukwesaba
othandweni,[m] kodwa uthando
oluphelele luphonsa ukwesaba
ngaphandle,* ngoba ukwe-
saba kuyasivimbela. Ngempela,
lowo owesabayo akazange
enziwe aphelele othandweni.[n]
19 Siyathanda ngoba yena wa-
sithanda kuqala.[o]

4:4 *Okuwukuthi, abaprofethi bamanga.

4:10 *Noma, "njengomhlatshelo ohlawulela; njengenhlawulo." 4:17 *Noma, "ukuze sizethembe." 4:18 *Noma, "luxosha ukwesaba."

ISAHL. 4
a IsA 22:6
b 2Pe 2:1
c Joh 1:14; 1Ko 12:3; IsA 19:10
d 1Jo 2:22
e 2Th 2:7; 1Jo 2:18
f IzE 20:29, 30
g 1Jo 5:4
h Joh 17:21
i Efe 2:2
j 1Jo 5:19
k Joh 15:19
l Joh 10:27
m Joh 8:47
n 1Jo 4:1
o 1Pe 1:22
p 1Jo 4:16
q Eks 34:6; Mik 7:18; 1Jo 4:19
r Joh 1:14
s Joh 3:16; Rom 5:8; Rom 8:32; 1Jo 5:11

Uhla 2
a 1Ko 5:7
b Rom 3:25; Heb 2:17; Heb 9:26; 1Jo 2:1, 2
c Mat 18:33; Joh 15:12; Rom 13:8; 1Jo 3:16
d Eks 33:20; Joh 1:18; Joh 4:24; Joh 6:46
e 1Jo 2:5
f Mat 1:21; Joh 3:17; Joh 12:47; IzE 5:31
g Rom 10:9
h 1Jo 2:23, 24
i Joh 3:16
j 1Jo 4:8
k Joh 17:21
l Heb 4:16; 1Jo 2:28
m Rom 8:15
n 1Jo 2:5
o 1Jo 4:10

**20** Uma umuntu ethi: “Ngi-
yamthanda uNkulunkulu,” ko-
dwa ebe ezonda umfowa-
bo, ungumqambimanga.[a] Ngo-
ba ongamthandi umfowabo[b]
ambonile, akakwazi ukuthanda
uNkulunkulu angambonanga.[c]
**21** Futhi sinalo myalo ovela
kuye, wokuthi othanda uNkulu-
nkulu kumele athande nomfo-
wabo.[d]

**5** Wonke umuntu okholwayo
ukuthi uJesu unguKri-
stu uzelwe nguNkulunkulu,[e] fu-
thi wonke umuntu othanda
lowo owabangela ukuba ku-
zalwe uyamthanda ozelwe yilo-
wo. **2** Sazi ngalokhu ukuthi si-
thanda abantwana bakaNkulu-
nkulu,[f] uma sithanda uNkulu-
nkulu futhi senza imiyalo ya-
khe. **3** Yilokhu okushiwo utha-
ndo ngoNkulunkulu, ukuba si-
gcine imiyalo yakhe;[g] futhi imi-
yalo yakhe ayiwona umthwalo,[h]
**4** ngoba wonke umuntu oze-
lwe* nguNkulunkulu uyalinqo-
ba izwe.[i] Lokhu kungukunqo-
ba okunqobe izwe, ukholo lwe-
thu.[j]

**5** Ubani onganqoba izwe?[k]
Akuyena yini lowo onokholo lo-
kuthi uJesu uyiNdodana kaNku-
lunkulu?[l] **6** Lona nguye oweza
ngamanzi nangegazi, uJesu Kri-
stu, hhayi ngamanzi kuphela[m]
kodwa ngamanzi nangegazi.[n]
Umoya uyafakaza,[o] ngoba umo-
ya uyiqiniso. **7** Kukhona ofa-
kazi abathathu: **8** umoya[p] na-
manzi[q] negazi;[r] laba abathathu
bayavumelana.

**9** Uma sibamukela ubufaka-
zi babantu, ubufakazi buka-
Nkulunkulu bukhulu naka-
khulu. Ngoba yilobu ubufaka-
zi uNkulunkulu abunikezayo,
ubufakazi abunikezile ngeNdo-
dana yakhe. **10** Umuntu oba
nokholo eNdodaneni kaNku-
lunkulu unobufakazi ngapha-
kathi kuye. Umuntu ongena-
lo ukholo kuNkulunkulu ume-
nze umqambimanga,[a] ngoba
akazange abe nokholo ebufa-
kazini obunikezwa uNkulunku-
lu ngokuphathelene neNdoda-
na yakhe. **11** Yilobu ubufaka-
zi, ukuthi uNkulunkulu usini-
ke ukuphila okuphakade,[b] fu-
thi lokhu kuphila kuseNdoda-
neni yakhe.[c] **12** Lowo onobu-
nye neNdodana unakho lokhu
kuphila; ongenabo ubunye ne-
Ndodana kaNkulunkulu akana-
kho lokhu kuphila.[d]

**13** Nginibhalela lezi zinto
ukuze nazi ukuthi ninoku-
phila okuphakade,[e] nina eni-
ba nokholo egameni leNdo-
dana kaNkulunkulu.[f] **14** Yilo-
khu esiqiniseka ngakho nga-
ye,*[g] ukuthi noma yini esiyice-
layo evumelana nentando ya-
khe, uyasizwa.[h] **15** Uma sazi
ukuthi uyasizwa nganoma yini
esiyicelayo, siyazi ukuthi siyo-
zithola izinto esizicelayo ngoba
sizicele kuye.[i]

**16** Uma umuntu ebona umfo-
wabo enza isono esingalethi
ukufa, uyomthandazela, futhi
uNkulunkulu uyomnika ukuphi-
la.[j] Lokhu kusebenza kulabo
abangenzi isono esiletha uku-
fa. Kodwa, sikhona isono esi-
letha ukufa.[k] Yileso sono engi-
ngamtsheli ukuba acele ngaso.
**17** Konke ukungalungi kuyiso-
no,[l] nokho sikhona isono esi-
ngakulethi ukufa.

**18** Siyazi ukuthi wonke
umuntu ozelwe uNkulunku-
lu akaqhubeki enza isono, ko-
dwa lowo ozelwe uNkulunkulu*
uyamqapha, futhi omubi ngeke
ambambe.#[m] **19** Siyazi ukuthi

5:4 *NgesiGreki, “konke okuzelwe.”

5:14 *Noma, “Yile inkululeko yoku-khuluma esinayo.” 5:18 *Okuwukuthi, uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu. #Noma, “akambambi amqinise.”

ISAHL. 4
a 1Jo 2:4
b 1Jo 3:17
c 1Jo 4:12
d Mat 22:37, 39; Joh 13:34; Joh 15:12

ISAHL. 5
e Joh 3:3; 1Pe 1:3, 23; 1Jo 3:9
f Joh 1:12, 13; Rom 8:14
g Joh 14:23
h Dut 30:11; Mik 6:8
i Joh 16:33; 1Jo 5:18
j Efe 6:16; 2Ti 4:7; IsA 12:10, 11
k 1Jo 4:4
l Joh 20:31
m Mat 3:13
n IzE 20:28; Efe 1:7; 1Pe 1:19
o Mat 3:16; Joh 1:32, 33
p Luk 3:22; Luk 4:18
q Luk 3:21
r Heb 9:14

Uhla 2
a Joh 3:33
b Joh 17:3
c Joh 5:26
d Joh 3:36
e 1Jo 1:2
f Joh 20:31
g Heb 4:16; 1Jo 3:21
h IzA 15:29
i Luk 11:13; Joh 14:13
j Jak 5:15; 1Jo 1:9
k Mat 12:31; Mar 3:29; Luk 12:10; Heb 6:4-6; Heb 10:26
l 1Jo 3:4
m Joh 17:15

singabakaNkulunkulu, kodwa
lonke izwe lisemandleni omu-
bi.[a] **20** Kodwa siyazi ukuthi
iNdodana kaNkulunkulu ifiki-
le,[b] futhi isinike ukuqonda*
ukuze sithole ulwazi ngoNku-
lunkulu weqiniso. NgeNdoda-
na yakhe uJesu Kristu, simu-
nye naye.[a] Lo unguNkulunku-
lu weqiniso nokuphila okupha-
kade.[b] **21** Bantwanyana, ziqa-
pheni ezithixweni.[c]

5:20 * NgesiGreki, "amandla engqondo; ukuhlakanipha."

ISAHL. 5
a Mat 13:19 Luk 4:6 Joh 12:31
b 1Ti 3:16

Uhla 2
a Joh 17:20, 21
b Joh 17:3
c 1Ko 10:14

EYESIBILI KA-

# JOHANE

UHLU LOKUPHAKATHI


Ukubingelela (1-3)
Qhubekani nihamba eqinisweni (4-6)
Qaphani abakhohlisi (7-11)
Ningambingeleli (10, 11)
Izinhlelo zokuvakasha nemikhonzo (12, 13)


**1** Mina ndoda endala,* ngi-
bhalela inkosazane ekhethiwe.
Ngibhalela nabantwana bayo.
Ngibathanda ngeqiniso, kunge-
mina ngedwa, kodwa nabo bo-
nke labo asebelazi iqiniso,
**2** ngenxa yeqiniso elihlala ki-
thi, futhi eliyoba nathi kuze
kube phakade. **3** Umusa om-
khulu uyoba nathi, nesihe no-
kuthula okuvela kuNkulunkulu
uBaba nakuJesu Kristu, iNdo-
dana kaBaba, kanye neqiniso
nothando.

**4** Ngijabula kakhulu ngoba
abanye kubantwana bakho ngi-
bathole behamba eqinisweni,[a]
njengoba nje samukela umya-
lo ovela kuBaba. **5** Manje ngi-
yakucela nkosazana, ukuba si-
thandane. (Angikubhaleli umya-
lo omusha, kodwa lowo ebesi-
lokhu sinawo kusukela ekuqale-
ni.)[a] **6** Yilokhu okushiwo utha-
ndo, ukuba siqhubeke siha-
mba ngokwemiyalo yakhe.[b] Na-
nku umyalo, njengoba nje ni-
zwile kusukela ekuqaleni, uku-
thi kufanele niqhubeke niha-
mba ngawo. **7** Ngoba seku-
khona abakhohlisi abaningi
ezweni,[c] labo abangavumi uku-
thi uJesu Kristu weza engumu-
ntu.*[d] Lona ngumkhohlisi nom-
phik' ukristu.[e]

**8** Ziqapheleni ukuze ninga-
lahlekelwa izinto esisebenze-
le ukuzikhiqiza, kodwa uku-
ba nithole umvuzo ogcwe-
le.[f] **9** Wonke umuntu odlu-
lela phambili angahlali emfu-
ndisweni kaKristu akanaye

1 * Noma, "mdala."

7 * NgesiGreki, "enyameni."

a 2Ko 4:2 3Jo 3

Uhla 2
a Joh 13:34 Joh 15:12 1Pe 4:8 1Jo 2:7
b Joh 14:21 1Jo 2:5
c Mat 7:15 IzE 20:29, 30 2Th 2:3, 7 2Pe 2:1 IsA 2:2
d 1Jo 4:2
e 1Jo 2:18, 22 1Jo 4:3 Jud 4
f Heb 10:35

uNkulunkulu.[a] Lowo ohlala-
yo kule mfundiso nguye ona-
bo bobabili uBaba neNdoda-
na.[b] **10** Uma umuntu eza kini
futhi engalethi le mfundiso, ni-
ngamamukeli emakhaya enu[c]
noma nimbingelele. **11** Ngo-
ba lowo ombingelelayo uhla-
nganyela naye emisebenzini
yakhe emibi.

*a* Joh 14:6
Joh 15:6
3Jo 9

*b* Heb 3:14
1Jo 2:23

*c* Dut 17:2-5
Rom 16:17
1Ko 5:11

**12** Nakuba nginezinto ezini-
ngi enginganibhalela zona, angi-
funi ukwenza kanjalo ngephe-
pha nango-inki, kodwa ngithe-
mba ukuthi ngizofika kini futhi
ngikhulume nani ubuso nobuso,
ukuze injabulo yenu igcwale.
**13** Abantwana bakadadewe-
nu, okhethiwe, bayakhonza
kuwe.

## EYESITHATHU KA-
# JOHANE

UHLU LOKUPHAKATHI

Ukubingelela nomthandazo (1-4)
Kunconywa uGayu (5-8)
UDiyotrefe othanda ukuvelela (9, 10)
UDemetriyu ukhulunyelwa kahle (11, 12)
Izinhlelo zokuvakasha
nemikhonzo (13, 14)

**1** Mina ndoda endala,* ngi-
bhalela uGayu othandekayo,
engimthanda ngeqiniso.
**2** Gayu othandekayo, ngitha-
ndazela ukuba kuzo zonke izi-
nto uqhubeke uphumelela futhi
ube nempilo enhle, njengoba
nje uchuma. **3** Ngoba ngaja-
bula kakhulu lapho kufika aba-
fowethu futhi befakazela iqi-
niso onalo, njengoba uqhube-
ka uhamba eqinisweni.[a] **4** Ayi-
kho into engijabulisa kakhulu
kunale:* ukuba ngizwe ukuthi
abantwana bami bayaqhubeka
behamba eqinisweni.[b]
**5** Mfowethu othandekayo,
ubonisa ukwethembeka ku-

**1** *Noma, “mdala.” **4** *Noma kungaba, “Anginaso isizathu esikhulu sokubonga kunalesi.”

*a* 2Jo 4

*b* 1Ko 4:15
2Ti 1:2
Tit 1:4
Flm 10

**Uhla 2**

*a* Heb 13:2

*b* Tit 3:13

*c* 1Ko 9:11, 12

*d* Mat 10:41
Flm 22
1Pe 4:9

*e* Rom 12:13

*f* IzE 20:29, 30

*g* Rom 12:10
Flp 2:3
Heb 13:17

lokho okwenzela abafowe-
thu, ngisho noma ungabazi.[a]
**6** Baye bafakazela uthando
lwakho phambi kwebandla. La-
pho sebehamba, ngicela uba-
size ngendlela ejabulisa uNku-
lunkulu.[b] **7** Ngoba baphuma
baye ezindaweni ezihlukahlu-
kene ngenxa yegama lakhe, be-
ngathathi lutho[c] kubantu be-
zizwe. **8** Ngakho, thina singa-
phansi kwesibopho sokuba-
mukela ngokufudumele abantu
abanjalo,[d] ukuze sibe izisebenzi
ezikanye nabo eqinisweni.[e]
**9** Ngabhalela ibandla okuthi-
le, kodwa uDiyotrefe, othanda
ukuba nendawo ephambili pha-
kathi kwabo,[f] akamukeli lutho
oluvela kithi ngenhlonipho.[g]
**10** Yingakho uma ngifika, ngi-

zokwenza ukuba inakwe imise-
benzi yakhe ayenzayo, njengo-
ba ekhuluma amazwi alima-
zayo ngathi.*[a] Enganeliswa yi-
lokhu, akabamukeli ngenhloni-
pho abazalwane;[b] nalabo abafu-
na ukubamukela, uzama ukuba-
vimba nokubaxosha ebandleni.
**11** Mfowethu othandekayo,
ungalingisi okubi kodwa li-
ngisa okuhle.[c] Lowo owenza
okuhle uvela kuNkulunkulu.[d]
Lowo owenza okubi akambona-
nga* uNkulunkulu.[e] **12** UDe-
metriyu ukhulunyelwa kahle
yibo bonke nayiqiniso ngokwa-
lo. Empeleni nathi siyafakaza
ngaye, wena uyazi ukuthi ubufa-
kazi esibunikezayo buyiqiniso.
**13** Benginezinto eziningi
engingakubhalela zona, kodwa
angithandi ukuqhubeka ngi-
kubhalela ngepeni nangoyinki.
**14** Kodwa, ngithemba ukuthi
ngizokubona maduzane, sikhu-
lume ubuso nobuso.
Kwangathi ungaba noku-
thula.
Bayakhonza kuwe abangani.
Ngikhonzele kubangani ngama-
gama.

*a* Hu 101:5; IzA 6:16, 19
*b* IzE 15:25, 27; Efe 6:21; Flp 2:19; Kol 4:7; Tit 1:5
*c* Rom 12:9; 1Pe 3:11
*d* 1Jo 3:9
*e* 1Jo 3:6, 10

**10** *NgesiGreki, “ephoshoza ngathi amazwi amabi.” **11** *Okuwukuthi, akamazi.

INCWADI KA-

# JUDE

UHLU LOKUPHAKATHI


Ukubingelela (1, 2)
Ukwahlulelwa kwabafundisi bamanga kuzokwenzeka nakanjani (3-16)
Ukungezwani kukaMikayeli noDeveli (9)
Isiprofetho sika-Enoke (14, 15)
Zigcineni othandweni lukaNkulunkulu (17-23)
Ukunika uNkulunkulu inkazimulo (24, 25)


**1** UJude, inceku kaJesu Kri-
stu, kodwa umfowabo kaJako-
be,[a] kwababiziwe[b] abathandwa
nguNkulunkulu uBaba nabalo-
ndolozelwe uJesu Kristu:[c]
**2** Kwangathi ningandiselwa
isihe nokuthula nothando.
**3** Bathandekayo, nakuba be-
ngenza wonke umzamo woku-
nibhalela ngensindiso esiyi-
hlanganyelayo,[d] ngikuthole ku-
dingekile ukuba nginibhalele
ukuze ngininxuse ukuba nilu-
lwele kanzima ukholo[e] olwani-
kelwa kwabangcwele kwaba ka-
nye kuphela. **4** Isizathu sami
siwukuthi abantu abathile se-
bengene ngokunyenya phaka-
thi kwenu, labo imiBhalo eya-
bamisela kudala lesi sahlule-
lo; bangabantu abangamhlo-
niphi uNkulunkulu abaphendu-
la umusa omkhulu kaNkulunku-
lu wethu bawenze izaba zokuzi-
phatha kabi okuhambisana ne-
ndelelo*[a] futhi abazibonakalisa

*a* Mat 13:55; Mar 6:3; Gal 2:9; Jak 1:1
*b* Heb 3:1
*c* Joh 17:15; 1Pe 1:5
*d* Heb 2:3
*e* Efe 6:11; 1Ti 1:18, 19; 1Ti 6:12

**Uhla 2**
*a* Gal 5:19

**4** *Noma, “zokuziphatha okuyichilo.” NgesiGreki, *a·sel′gei·a.* Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

bengathembekile kowukuphela
komnikazi wethu neNkosi, uJe-
su Kristu.[a]
**5** Nakuba nikwazi kahle ko-
nke lokhu, ngifisa ukunikhu-
mbuza ukuthi nakuba uJeho-
va* asindisa isizwe wasikhipha
ezweni laseGibhithe,[b] kamu-
va wababhubhisa labo ababe-
ngenalo ukholo.[c] **6** Nezingelo-
si ezingasigcinanga isikhundla
sazo sokuqala kodwa zashiya
indawo yazo yokuhlala efanele,[d]
uzibophe ngezibopho ezingu-
naphakade ebumnyameni obu-
khulu, uzigcinele ukwahlulelwa
kosuku olukhulu.[e] **7** Ngendle-
la efanayo, iSodoma neGomora
namadolobha ayeseduze, azini-
kela ekuziphatheni okubi ngo-
kocansi* ngokwedlulele futhi
alandela izifiso zenyama ezi-
ngezona ezingokwemvelo;[f] abe-
kwe phambi kwethu njengesi-
bonelo esiyisixwayiso ngoku-
thola isijeziso sokwahlulelwa
somlilo waphakade.[g]
**8** Noma kunjalo, nalaba ba-
ntu bazitika ngamaphupho, ba-
ngcolisa inyama, badelela igu-
nya futhi bakhuluma ngoku-
hlambalaza ngabakhazimula-
yo.[h] **9** Kodwa lapho uMikaye-
li[i] ingelosi eyinhloko[j] eba no-
kungezwani noDeveli futhi be-
phikisana ngesidumbu sikaMo-
se,[k] akazange alokothe amahlu-
lele ngamazwi ahlambalazayo,[l]
kodwa wathi: "Kwangathi uJe-
hova* angakukhuza."[m] **10** No-
kho laba bantu bakhuluma ngo-
kuhlambalaza ngazo zonke izi-
nto abangaziqondi ngempela.[n]
Kuzo zonke izinto abaziqonda-
yo ngokwemvelo njengezilwane
ezingenangqondo,[o] bayaqhube-
ka bezonakalisa.
**11** Kubi kakhulu ngabo, ngo-
ba bahambe endleleni kaKha-
yini[a] futhi bagijimela endle-
leni yokuphambuka kaBhala-
mi[b] ukuze bathole umvuzo, fu-
thi baye bashabalala enku-
lumweni kaKhora[c] yokuhlu-
buka![d] **12** Laba bangamadwa-
la afihleke ngaphansi kwama-
nzi emadilini enu*[e] kuyilapho
bedla nani, bangabelusi abazo-
ndla bona ngaphandle kokwe-
saba;[f] bangamafu angenamanzi
apheshulwa umoya ayiswe nga-
pha nangapha;[g] bayizihlahla
ezingatheli ekupheleni kwekwi-
ndla, ezibune ngokuphelele,#
ezisishuliwe; **13** bangamaga-
gasi olwandle anamandla akhi-
pha izinto ezingcolile okufane-
le zibenze babe namahloni;[h] ba-
yizinkanyezi ezingenawo umzi-
la, ezigcinelwe ubumnyama
obukhulu kuze kube phakade.[i]
**14** Yebo, owesikhombisa
ohlwini kusukela ku-Adamu,
u-Enoke,[j] naye waprofetha nga-
bo lapho ethi: "Bheka! UJehova*
wafika namashumi akhe ezinku-
lungwane ezingcwele[k] **15** ezo-
kwahlulela bonke,[l] futhi ezo-
gweba bonke abangamhloniphi
uNkulunkulu ngenxa yazo zo-
nke izenzo zabo zokungamhlo-
niphi abazenza ngendlela yo-
kungamhloniphi, nangenxa yezi-
nto ezishaqisayo izoni ezingam-
hloniphi uNkulunkulu ezazikhu-
luma ngaye."[m]
**16** Laba bangabantu ababu-
bulayo,[n] abakhononda ngoku-
phila kwabo, belandela izifiso
zabo,[o] futhi imilomo yabo ikhu-
luma ngokuqhosha okwedlule-
le, kuyilapho bencoma* abantu
ukuze kuzuze bona.[p]
**17** Kepha nina, bathandeka-
yo, khumbulani amazwi akhu-
lunywa ngaphambili* abapho-

---

*a* IzE 20:29, 30; 2Pe 2:1
*b* Eks 12:41
*c* Num 14:35; 1Ko 10:1, 5; Heb 3:16, 19
*d* Gen 6:1-4; 1Pe 3:19, 20
*e* Luk 8:30, 31; 2Pe 2:4; IsA 20:1, 2
*f* Gen 19:4, 5; Lev 18:22
*g* Gen 19:24; 2Pe 2:6
*h* Eks 22:28; 2Pe 2:10; 3Jo 9, 10
*i* Dan 10:21; Dan 12:1
*j* 1Th 4:16
*k* Dut 34:5, 6
*l* 2Pe 2:11
*m* Zak 3:2
*n* Jud 19
*o* 2Pe 2:12

**Uhla 2**

*a* Gen 4:5, 8; 1Jo 3:12
*b* Num 22:32; 2Pe 2:15, 16; IsA 2:14
*c* Num 16:3, 32
*d* 1Ti 1:20
*e* 2Pe 2:13
*f* Hez 34:8
*g* 2Pe 2:17
*h* Isay 57:20
*i* Heb 6:4-6; IsA 21:8
*j* Gen 5:21, 22
*k* Dut 33:2; Dan 7:10; Zak 14:5
*l* 2Th 1:6
*m* Mat 12:36
*n* 1Ko 10:10; Flp 2:14
*o* 2Pe 2:18
*p* Jak 2:9

---

**5, 9, 14** *Bheka iSithasiselo A5. **7** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**12** *NgesiGreki, "emadilini enu othando." #Noma, "ezife kabili." **16** *Noma, "bedumisa." **17** *Noma, "izinto ezabikezelwa."

stoli beNkosi yethu uJesu Kri-
stu, **18** ukuthi babevame ka-
njani ukuthi kini: “Esikhathini
sokugcina kuyoba khona aba-
hleki bosulu, abalandela izifi-
so zabo zezinto zokungamhlo-
niphi uNkulunkulu.”[a] **19** Laba
yibo ababangela uqhekeko,[b]
abantu abanjengezilwane,* aba-
ngaqondiswa umoya kaNku-
lunkulu.# **20** Kodwa nina, ba-
thandekayo, zakheni okholweni
lwenu olungcwele kakhulu, ni-
thandaze ngomoya ongcwele,[c]
**21** ukuze nizigcine nisotha-
ndweni lukaNkulunkulu,[d] nibe
nilindele isihe seNkosi ye-
thu uJesu Kristu esiholela eku-
phileni okuphakade.[e] **22** Qhu-
bekani nibonisa nesihe[f] kulabo
abangabazayo;[a] **23** basindise-
ni[b] ngokubahlwitha emlilweni.
Kodwa qhubekani nibonisa isi-
he kwabanye, nenza kanja-
lo ngokwesaba, kuyilapho nizo-
nda ngisho nengubo enindwe
inyama.[c]

**24** Kulowo okwaziyo ukuni-
qapha ukuba ningakhubeki no-
kunimisa ningenasici[d] phambi
kwenkazimulo yakhe* ngenja-
bulo enkulu, **25** kowukuphela
kukaNkulunkulu uMsindisi we-
thu ngoJesu Kristu iNkosi ye-
thu, makube inkazimulo, ubu-
khulu obubabazekayo, amandla
negunya kulo lonke iphakade
elidlule, namanje, nakulo lonke
iphakade. Amen.

**19** *Noma, “abantu benyama.” #Ngesi-Greki, “abangenawo umoya.”

**24** *Noma, “ningenasici ekubeni khona kwakhe okukhazimulayo.”

*a* IzE 20:29, 30; 1Ti 4:1; 2Pe 2:1; 2Pe 3:2, 3
*b* Rom 16:17; 3Jo 9, 10
*c* Rom 8:26; Efe 6:18
*d* Joh 15:10; Rom 8:38, 39
*e* Tit 3:7; 1Jo 1:2; 1Jo 2:25
*f* Mat 5:7; Mat 9:13; Jak 2:13

**Uhla 2**
*a* Jak 1:6
*b* Gal 6:1; Jak 5:19, 20
*c* Gal 5:19-21
*d* Rom 8:33; Efe 1:4; Kol 1:22

# ISAMBULO

## ESIYA KUJOHANE

**UHLU LOKUPHAKATHI**

1 Isambulo sikaNkulunkulu, asinika uJesu (1-3)
Ukubingelelwa kwamabandla ayisikhombisa (4-8)
“Ngingu-Alfa no-Omega” (8)
UJohane waba sosukwini lweNkosi ngokuphefumulelwa (9-11)
Umbono ngoJesu okhazinyulisiwe (12-20)

2 Imiyalezo eya e-Efesu (1-7), eSmirna (8-11), ePhergamu (12-17), eThiyathira (18-29)

3 Imiyalezo eya eSardesi (1-6), eFiladelfiya (7-13), eLawodikeya (14-22)

4 Umbono wokuba khona kukaJehova ezulwini (1-11)
UJehova uhlezi esihlalweni sakhe sobukhosi (2)
Abadala abangu-24 ezihlalweni zobukhosi (4)
Izidalwa ezine eziphilayo (6)

5 Umqulu onezimpawu eziyisikhombisa (1-5)
IWundlu lithatha umqulu (6-8)
IWundlu liyakufanelekela ukuvula izimpawu (9-14)

6 IWundlu livula izimpawu zokuqala eziyisithupha (1-17)
Umnqobi ogibele ihhashi elimhlophe (1, 2)
Umgibeli wehhashi elibomvu njengomlilo uzosusa ukuthula (3, 4)
Umgibeli wehhashi elimnyama uzoletha indlala (5, 6)
Umgibeli wehhashi eliphaphathekile ubizwa ngokuthi ukuFa (7, 8)

Ababulewe ngaphansi kwe-altare (9-11)
Ukuzamazama komhlaba okukhulu (12-17)

7 Izingelosi ezine zibambe imimoya yembubhiso (1-3)
Abangu-144 000 babekwa uphawu (4-8)
Isixuku esikhulu sigqoke izingubo ezimhlophe (9-17)

8 Uphawu lwesikhombisa luyavulwa (1-6)
Ukushaywa kwamacilongo amane okuqala (7-12)
Omaye abathathu bayamenyezelwa (13)

9 Icilongo lesihlanu (1-11)
Umaye owodwa udlulile, kuza abanye ababili (12)
Icilongo lesithupha (13-21)

10 Ingelosi enamandla nomqulu omncane (1-7)
“Ngeke kusalitshalwa” (6)
Imfihlo engcwele iyapheleliswa (7)
UJohane udla umqulu omncane (8-11)

11 Ofakazi ababili (1-13)
Baprofetha izinsuku ezingu-1 260 begqoke indwangu yesaka (3)
Babulawa bashiywa bedindilizile (7-10)
Bavuswa ngemva kwezinsuku ezintathu nengxenye (11, 12)
Umaye wesibili udlulile, kuza owesithathu (14)
Icilongo lesikhombisa (15-19)
UMbuso weNkosi yethu nokaKristu (15)
Labo abacekela phansi umhlaba bazobhujiswa (18)

12 Owesifazane, umntwana wesilisa nodrako (1-6)
UMikayeli ulwa nodrako (7-12)
UDrako uphonswa phansi emhlabeni (9)
UDeveli uyazi ukuthi unesikhathi esifushane (12)
UDrako ushushisa owesifazane (13-17)

13 Isilo sasendle esinamakhanda ayisikhombisa esiphuma olwandle (1-10)
Isilo esinezimpondo ezimbili esiphuma emhlabeni (11-13)
Isithombe sesilo esinamakhanda ayisikhombisa (14, 15)
Uphawu nenombolo yesilo sasendle (16-18)

14 IWundlu nabangu-144 000 (1-5)
Imiyalezo evela ezingelosini ezintathu (6-12)
Ingelosi emkhathini inezindaba ezinhle (6, 7)
Bayajabula labo abafa bemunye noKristu (13)
Izivuno ezimbili zomhlaba (14-20)

15 Izingelosi eziyisikhombisa nezinhlupho eziyisikhombisa (1-8)
Ingoma kaMose neyeWundlu (3, 4)

16 Izitsha eziyisikhombisa zentukuthelo kaNkulunkulu (1-21)
Zathululelwa emhlabeni (2), olwandle (3), emifuleni nasemithonjeni (4-7), elangeni (8, 9), esihlalweni sobukhosi sesilo sasendle (10, 11), e-Ewufrathe (12-16), nasemoyeni (17-21)
Impi kaNkulunkulu e-Armagedoni (14, 16)

17 Ukwahlulelwa ‘kweBhabhiloni Elikhulu’ (1-18)
Isifebe esikhulu sihlezi phezu kwesilo esinombala obomvu (1-3)
Isilo ‘sasikhona, kodwa manje asisekho, nokho sizophuma kwalasha’ (8)
Izimpondo eziyishumi zizolwa neWundlu (12-14)
Izimpondo eziyishumi zizosizonda isifebe (16, 17)

18 Ukuwa ‘kweBhabhiloni Elikhulu’ (1-8)
“Phumani kulo, bantu bami” (4)
Ukulilela ukuwa kweBhabhiloni (9-19)
Ukuthokoza ezulwini ngenxa yokuwa kweBhabhiloni (20)
IBhabhiloni lizophonswa olwandle njengetshe (21-24)

19 Dumisani uJah ngenxa yezahlulelo zakhe (1-10)
Umshado weWundlu (7-9)
Umgibeli wehhashi elimhlophe (11-16)
Isidlo esikhulu sakusihlwa sikaNkulunkulu (17, 18)
Isilo sasendle siyanqotshwa (19-21)

20 USathane uboshwa iminyaka engu-1 000 (1-3)

Ababusi beminyaka eyinkulungwane abakanye noKristu (4-6)
USathane uyakhululwa bese eyabhujiswa (7-10)
Abafile bahlulelwa phambi kwesihlalo sobukhosi esimhlophe (11-15)

21 Izulu elisha nomhlaba omusha (1-8)
Ukufa ngeke kusaba khona (4)
Konke kwenziwa kube kusha (5)
IJerusalema Elisha liyachazwa (9-27)

22 Umfula wamanzi okuphila (1-5)
Isiphetho (6-21)
‘Woza! Thatha amanzi okuphila mahhala’ (17)
“Woza, Nkosi Jesu” (20)

---

**1** Isambulo sikaJesu Kristu,
asinikwa uNkulunkulu,[a] uku-
ze abonise izinceku zakhe[b] izi-
nto okumele zenzeke maduza-
ne. Wathuma ingelosi yakhe,
wasethula ngayo ngezibonaka-
liso encekwini yakhe uJoha-
ne,[c] **2** owafakazela izwi alini-
kezwa uNkulunkulu nobufaka-
zi obanikezwa nguJesu Kristu,
yebo, kuzo zonke izinto azibo-
na. **3** Uyajabula lowo ofunda
ngokuzwakalayo, nalabo abe-
zwa amazwi alesi siprofetho fu-
thi abagcina izinto ezilotshwe
kuso,[d] ngoba isikhathi esibekiwe
siseduze.

**4** UJohane emabandleni ayi-
sikhombisa[e] esifundazweni sa-
se-Asiya:

Kwangathi ningaba nomu-
sa omkhulu nokuthula okuvela
“kuLowo okhona nowayekhona
nozayo,”[f] nasemimoyeni eyisi-
khombisa[g] ephambi kwesihlalo
sakhe sobukhosi, **5** nakuJesu
Kristu, “uFakazi Othembeki-
le,”[h] “izibulo kwabavela kwaba-
file,”[i] “noMbusi wamakhosi om-
hlaba.”[j]

Kuye osithandayo[k] nowasi-
khulula ezonweni zethu nge-
gazi lakhe[l]— **6** wasenza saba
ngumbuso,[m] abapristi[n] kuNku-
lunkulu wakhe noYise—yebo,
inkazimulo namandla maku-
be kuye kuze kube phakade.
Amen.

**7** Bhekani! Uyeza kanye na-
mafu,[a] wonke amehlo ayombo-
na, nalabo abamgwaza; zo-
nke izizwe zomhlaba ziyozisha-
ya zilusizi ngenxa yakhe.[b] Yebo,
Amen.

**8** “Ngingu-Alfa no-Omega,”*[c]
kusho uJehova# uNkulunkulu,
“okhona nowayekhona nozayo,
uMninimandla Onke.”[d]

**9** Mina Johane, umfowenu
nomhlanganyeli kanye nani osi-
zini[e] nasembusweni[f] nasekukhu-
thazeleni[g] kanye noJesu,[h] nga-
ngisesiqhingini esibizwa ngoku-
thi iPhatmose ngenxa yokukhu-
luma ngoNkulunkulu nangenxa
yokufakaza ngoJesu. **10** Ngo-
kuphefumulelwa ngaba sosu-
kwini lweNkosi, futhi ngezwa
ngemva kwami izwi elinama-
ndla elinjengelecilongo, **11** li-
thi: “Lokho okubonayo kubhale
emqulwini, uwuthumele emaba-
ndleni ayisikhombisa: elase-Efe-
su,[i] elaseSmirna,[j] elasePherga-
mu,[k] elaseThiyathira,[l] elaseSar-
desi,[m] elaseFiladelfiya[n] nelase-
Lawodikeya.”[o]

**12** Ngaphenduka ukuze ngi-
bone owayekhuluma nami, la-
pho ngiphenduka, ngabona izi-
nti zezibani zegolide eziyisikho-
mbisa,[p] **13** phakathi kwezinti

**ISAHL. 1**
a Dan 2:28
b Amo 3:7; IsA 7:3, 4
c Mat 10:2; Mar 1:19; Joh 21:20
d Hu 1:2; Luk 11:28; Joh 13:17; Jak 1:22
e IsA 1:11
f IsA 1:8; IsA 4:8; IsA 11:17
g IsA 4:5
h IsA 3:14
i Kol 1:18
j Hu 89:27; 1Ti 6:15; IsA 19:16
k Joh 15:9
l Heb 9:14; 1Pe 1:18, 19; 1Jo 1:7
m Eks 19:6; Luk 22:28-30
n 1Pe 2:5; IsA 5:9, 10; IsA 20:6

**Uhla 2**
a Mat 26:64; Mar 13:26
b Mat 24:30
c Isay 48:12; IsA 21:6; IsA 22:13
d Eks 6:3
e Mat 24:9
f Luk 12:32
g Mat 10:22; 2Ti 2:12
h Rom 8:17
i Efe 1:1; IsA 2:1
j IsA 2:8
k IsA 2:12
l IsA 2:18
m IsA 3:1
n IsA 3:7
o IsA 3:14
p IsA 1:20

**1:8** *Noma, “Ngingu-A no-Z.” U-Alfa uhlamvu lokuqala, u-Omega uhlamvu lokugcina ezinhlamvwini zesiGreki. #Bheka iSithasiselo A5.

zezibani ngabona othile ofana
nendodana yomuntu,[a] egqoke
ingubo efika phansi ezinyaweni,
esifubeni ebophe ibhande lego-
lide. **14** Ngaphezu kwalokho,
ikhanda nezinwele zakhe kwa-
kumhlophe njengoboya obum-
hlophe, njengeqhwa, namehlo
akhe enjengelangabi lomlilo,[b]
**15** izinyawo zakhe zazinjenge-
thusi elikhazimulayo[c] lapho li-
benyezela esithandweni somlilo,
izwi lakhe lalinjengomsindo wa-
manzi amaningi. **16** Esandle-
ni sakhe sokudla wayephe-
the izinkanyezi eziyisikhombi-
sa,[d] emlonyeni wakhe kuphu-
ma inkemba ende ebukhali, esi-
ka nhlangothi zombili,[e] nobu-
so* bakhe bunjengelanga likha-
nya bha.[f] **17** Lapho ngimbona,
ngawela ngasezinyaweni zakhe
njengokungathi ngifile.

Wabeka isandla sakhe soku-
dla phezu kwami wathi: "Unge-
sabi. NgingowokuQala[g] nowo-
kuGcina,[h] **18** nophilayo,[i] nga-
ngifile[j] kodwa bheka! ngiyaphila
kuze kube phakade naphakade,[k]
futhi nginezihluthulelo zokufa
nezeThuna.*[l] **19** Ngakho, bha-
la izinto ozibonile nezinto eze-
nzekayo nezinto ezizokwenze-
ka ngemva kwalezi. **20** Imfi-
hlo engcwele yezinkanyezi ezi-
yisikhombisa ozibone esandleni
sami sokudla neyezinti zeziba-
ni zegolide eziyisikhombisa yile:
Izinkanyezi eziyisikhombisa zi-
sho izingelosi zamabandla ayi-
sikhombisa, kanti izinti zeziba-
ni eziyisikhombisa zisho ama-
bandla ayisikhombisa.[m]

**2** "Yibhalele lokhu ingelosi[n]
yebandla lase-Efesu:[o] Yile-
zi izinto azishoyo lowo ophe-
the izinkanyezi eziyisikhombisa
esandleni sakhe sokudla, oha-
mba phakathi kwezinti zezi-
bani eziyisikhombisa zegolide:[a]
**2** 'Ngiyazazi izenzo zakho, no-
kuzikhandla kwakho nokukhu-
thazela kwakho, nokuthi awu-
kwazi ukubekezelela abantu
ababi, nokuthi wabavivinya labo
abathi bangabaphostoli[b] benge-
bona, wabathola bengabaqa-
mbimanga. **3** Ubonisa noku-
khuthazela futhi uye wabeke-
zela ngenxa yegama lami,[c] wa-
ngakhathala.[d] **4** Noma kunja-
lo, nginalokhu ngawe, ukuthi
awusenalo uthando owawunalo
ekuqaleni.

**5** "'Ngakho-ke khumbula la-
pho uwe khona, uphenduke,[e]
wenze izenzo owazenza ekuqa-
leni. Uma ungenzi kanjalo, ngi-
zoza kuwe futhi ngizosusa uthi
lwakho lwesibani[f] endaweni
yalo, ngaphandle uma uphendu-
ka.[g] **6** Kodwa kunento eyo-
dwa oyenza kahle: uyazizonda
izenzo zeqembu lenkolo lika-
Nikolawu[h] engizizondayo nami.
**7** Onendlebe makezwe lokho
umoya okushoyo emabandle-
ni:[i] Onqobayo[j] ngiyomenza uku-
ba adle esihlahleni sokuphila,[k]
esisepharadesi likaNkulunku-
lu.'

**8** "Ingelosi yebandla lase-
Smirna yibhalele lokhu: Yilezi
izinto azishoyo 'owokuQala no-
wokuGcina,'[l] owafa wabuye wa-
phila:[m] **9** 'Ngiyalwazi usizi no-
bumpofu bakho—kodwa uce-
bile[n]—nokuhlambalaza kwalabo
abathi bangamaJuda bebe be-
ngewona kodwa beyisinago-
ge likaSathane.[o] **10** Ungazesa-
bi izinto osazohlupheka nga-
zo.[p] Bheka! UDeveli uzoqhube-
ka ephonsa abanye kini ejele
ukuze nivivinywe ngokugcwele,
futhi nizoba nosizi izinsuku ezi-
yishumi. Zibonakalise uthembe-
kile kuze kube ngisho na-

**1:16** *Noma, "nokubukeka." **1:18** *Noma, "nezeHayidesi," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

ISAHL. 1
*a* Dan 7:13
*b* IsA 19:12
*c* IsA 2:18
*d* IsA 1:20
*e* Isay 49:2
*f* Mat 17:1, 2
*g* IzE 26:23; Kol 1:18; IsA 1:5
*h* IsA 2:8
*i* 1Ko 15:45
*j* 1Pe 3:18
*k* Rom 6:9; 1Ti 6:16
*l* Mat 16:18; Joh 6:54; Joh 11:25
*m* Mat 5:16; Flp 2:15

ISAHL. 2
*n* IsA 1:20
*o* IzE 19:1; Efe 1:1

Uhla 2
*a* IsA 1:12, 13
*b* IzE 20:29, 30; 2Ko 11:13; 1Jo 4:1
*c* 1Pe 4:14
*d* Gal 6:9
*e* IsA 3:19
*f* IsA 1:20
*g* IsA 2:16
*h* 1Ko 11:19; IsA 2:15
*i* Mat 11:15; IsA 2:17, 29
*j* 1Jo 5:4
*k* Rom 2:6, 7; IsA 2:10
*l* IsA 1:13, 17
*m* Rom 14:9
*n* 2Ko 6:4, 10; 1Ti 6:18, 19; Jak 2:5
*o* IsA 3:9
*p* Mat 10:28

sekufeni, khona-ke ngiyokunika
umqhele wokuphila.[a] **11** One-
ndlebe makezwe[b] lokho umoya
okushoyo emabandleni: Onqo-
bayo[c] akasoze athintwa ukufa
kwesibili.'[d]

**12** "Ingelosi yebandla lase-
Phergamu yibhalele lokhu: Yile-
zi izinto azishoyo lowo onenke-
mba ende ebukhali, esika nhla-
ngothi zombili:[e] **13** 'Ngiyazi la-
pho uhlala khona, okunguku-
thi, lapho isihlalo sobukhosi si-
kaSathane sikhona; nokho uya-
qhubeka ulibambe ngokuqinile
igama lami,[f] awuzange uluphi-
ke ukholo lwakho kimi[g] ngi-
sho nasezinsukwini zika-Anti-
pase, ufakazi wami othembe-
kile,[h] owabulawa[i] lapho nihlala
khona, lapho uSathane ehlala
khona.

**14** "'Noma kunjalo, nginezi-
nto ezimbalwa ngawe, ukuthi
unabo lapho ababambelele ngo-
kuqinile emfundisweni kaBhala-
mi,[j] owafundisa uBhalaki[k] uku-
beka isikhubekiso phambi kwa-
bantwana bakwa-Israyeli, ukuba
badle izinto ezihlatshelwe izi-
thixo nokuba baziphathe kabi
ngokocansi.*[l] **15** Ngendlela
efanayo, nawe unabo ababa-
mbelele ngokuqinile emfundi-
sweni yeqembu lenkolo likaNi-
kolawu.[m] **16** Ngakho phendu-
ka. Uma ungaphenduki, ngiye-
za kuwe masinyane, futhi ngizo-
lwa nabo ngenkemba ende yo-
mlomo wami.[n]

**17** "'Onendlebe makezwe lo-
kho umoya okushoyo emaba-
ndleni:[o] Onqobayo[p] ngiyomnika
ingxenyana yemana elifihliwe,[q]
futhi ngiyomnika itshe elinca-
ne elimhlophe, okubhalwe kulo
igama elisha elingaziwa muntu
ngaphandle kwalowo olamuke-
layo.'

**2:14, 20** *Bheka uHlu Lwezincazelo Za-
magama.

**18** "Ingelosi yebandla lase-
Thiyathira[a] yibhalele lokhu: Yi-
lezi izinto iNdodana kaNku-
lunkulu ezishoyo, leyo aname-
hlo anjengelangabi lomlilo,[b] ne-
zinyawo ezinjengethusi elihle:[c]
**19** 'Ngiyazazi izenzo zakho, no-
thando lwakho nokholo, ne-
nkonzo, nokukhuthazela, noku-
thi izenzo zakho zamuva zinga-
phezu kwalezo owazenza eku-
qaleni.

**20** "'Noma kunjalo, nginalo-
khu ngawe, ukuthi ubekezele-
la lowo wesifazane uJezebe-
li,[d] ozibiza ngokuthi ungum-
profethikazi, ofundisa, adukise
izinceku zami ukuba ziziphathe
kabi ngokocansi*[e] nokuba zi-
dle izinto ezihlatshelwe izithi-
xo. **21** Ngamnika isikhathi so-
kuba aphenduke, kodwa aka-
zimisele ukuphenduka ekuzi-
phatheni kabi kwakhe ngoko-
cansi.* **22** Bheka! Ngizompho-
nsa okhukhweni lwabagulayo,*
nalabo abaphinga naye ngiba-
phonse osizini olukhulu, nga-
phandle uma bephenduka eze-
nzweni zakhe. **23** Abantwana
bakhe ngizobabulala ngesifo
esibulalayo, ukuze wonke ama-
bandla azi ukuthi nginguye
ohlola imicabango ejulile* nezi-
nhliziyo, futhi ngizoninika nga-
banye ngokwezenzo zenu.[f]

**24** "'Nokho, ngithi kini no-
nke nina abanye eniseThiyathi-
ra, nonke nina eningayilandeli
le mfundiso, nina eningazange
nizazi izinto okuthiwa "izinto
ezijulile zikaSathane":[g] Angibe-
ki noma yimuphi omunye um-
thwalo phezu kwenu. **25** Noma
kunjalo, bambelelani ngoku-
qinile kulokho eninakho ngize

**2:21** *NgesiGreki, i-*por·nei′a*. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **2:22** *Noma, "embhedeni wabagulayo." **2:23** *Noma, "imizwa ejulile." NgesiGreki, "izinso."

ISAHL. 2
a Rom 2:6, 7; 2Ti 4:7, 8; Jak 1:12; IsA 20:4
b IsA 13:9
c 1Jo 5:5
d IsA 20:6; IsA 20:14; IsA 21:8
e IsA 1:13, 16; IsA 19:15
f Mar 13:9; IsA 2:3
g Luk 12:8; 1Jo 2:23
h IzE 1:8
i Mat 24:9
j Num 31:16; 2Pe 2:15; Jud 11
k Num 22:4
l Num 25:1, 2; IzE 15:28, 29; Efe 5:5
m 2Pe 2:1; IsA 2:6
n IsA 1:13, 16
o IsA 2:7
p 1Jo 5:5; IsA 3:12
q Eks 16:15, 31; Hu 78:24; Heb 9:4

Uhla 2
a IzE 16:14
b IsA 19:12
c IsA 1:13-15
d 1Kh 16:31; 2Kh 9:22
e 1Ko 5:11; Gal 5:19; Efe 5:5
f IsA 22:12
g Joh 8:44

ngifike.[a] **26** Onqobayo futhi
agcine izenzo zami kuze kube
sekupheleni, ngiyomnika igunya
phezu kwezizwe,[b] **27** uyokwe-
lusa abantu ngenduku yensimbi[c]
kangangokuthi bayophihlizwa
babe izicucu njengezitsha zobu-
mba, njengoba nami ngilamu-
kele kuBaba. **28** Ngiyomnika
nenkanyezi yokusa.[d] **29** One-
ndlebe makezwe lokho umoya
okushoyo emabandleni.’

**3** “Ingelosi yebandla laseSar-
desi yibhalele lokhu: Yile-
zi izinto azishoyo lowo one-
mimoya kaNkulunkulu eyisikho-
mbisa[e] nezinkanyezi eziyisikho-
mbisa:[f] ‘Ngiyazazi izenzo zakho,
ukuthi unedumela* lokuthi uya-
phila kodwa ufile.[g] **2** Qapha[h]
futhi uqinise izinto ezisele ebe-
sezilungele ukufa, ngoba angi-
kutholanga wenze imisebenzi
yakho ngokugcwele* phambi
kukaNkulunkulu wami. **3** Nga-
kho-ke, qhubeka ukhumbula
ukuthi wamukele kanjani no-
kuthi wezwa kanjani, uqhube-
ke ukugcina futhi uphenduke.[i]
Ngokuqinisekile ngaphandle ko-
kuba uvuke, ngiyofika njengese-
la,[j] futhi ngeke wazi nhlobo uku-
thi yiliphi ihora engiyokufikela
ngalo.[k]

**4** “‘Noma kunjalo, unabo aba-
mbalwa* eSardesi abangazi-
ngcolisanga izingubo zabo,[l] ba-
yohamba nami ngezimhlo-
phe[m] ngoba bayakufanelekela.
**5** Onqobayo[n] uyogqoka izingu-
bo ezimhlophe,[o] angisoze ngali-
sula* igama lakhe encwadini
yokuphila,[p] kodwa ngiyolivuma
igama lakhe phambi kukaBaba
naphambi kwezingelosi zakhe.[q]
**6** Onendlebe makezwe lokho
umoya okushoyo emabandleni.’

**7** “Ingelosi yebandla laseFi-
ladelfiya yibhalele lokhu: Yi-
lezi izinto azishoyo ongcwele,[a]
oqinisile,[b] onesihluthulelo sika-
Davide,[c] ovula kungavali mu-
ntu futhi avale kungavuli mu-
ntu: **8** ‘Ngiyazazi izenzo zakho
—bheka! ngibeke phambi kwa-
kho umnyango ovulekile,[d] oku-
ngekho muntu ongawuvala. Ngi-
yazi nokuthi unamandla ama-
ncane, kodwa uligcinile izwi
lami futhi awuzange uzibona-
kalise ungathembekile egame-
ni lami. **9** Bheka! Ngiyokwe-
nza labo abavela esinagoge-
ni likaSathane abathi bangama-
Juda kodwa bengewona,[e] be-
qamba amanga—bheka! ngiyo-
benza beze bakhothame pha-
mbi kwezinyawo zakho, ngibe-
nze bazi ukuthi ngikuthandi-
le. **10** Ngenxa yokuthi uligcini-
le izwi lokukhuthazela kwami,*[f]
nami ngiyokugcina ukuba unga-
ngeni ehoreni lokuvivinywa,[g]
eliyofika phezu komhlaba wo-
nke owakhiwe, ukuze kuvivi-
nywe abahlala emhlabeni.
**11** Ngiyeza masinyane.[h] Qhu-
beka ubambelele ngokuqinile
kulokho onakho, ukuze kunga-
bikho muntu othatha umqhele
wakho.[i]

**12** “‘Onqobayo—ngiyomenza
insika ethempelini likaNkulu-
nkulu wami, akasoze aphi-
nde aphume kulo, futhi ngiyo-
bhala kuye igama likaNkulunku-
lu wami[j] negama ledolobha li-
kaNkulunkulu wami, iJerusale-
ma Elisha[k] elehla livela ezulwi-
ni kuNkulunkulu wami, nega-
ma lami elisha.[l] **13** Onendlebe
makezwe lokho umoya okusho-
yo emabandleni.’

**14** “Ingelosi yebandla laseLa-
wodikeya[m] yibhalele lokhu: Yile-
zi izinto azishoyo u-Amen,[n]

---

**3:1** *Noma, “unegama.” **3:2** *Noma, “ngokuphelele.” **3:4** *NgesiGreki, “unawo amagama ambalwa.” **3:5** *Noma, “ngalikhipha.”

**3:10** *Noma kungaba, “usilandelile isibonelo sokukhuthazela kwami.”

---

**ISAHL. 2**
a IsA 3:11
b Hu 2:8, 9; Mat 19:28; Luk 22:28-30; IsA 3:21; IsA 20:4
c IsA 12:5; IsA 19:15
d IsA 22:16

**ISAHL. 3**
e IsA 1:4; IsA 4:5
f IsA 1:13, 16
g Jak 2:26
h Luk 21:34; Efe 5:15; 1Th 5:6
i 2Ko 7:11
j IsA 16:15
k Mat 24:42; Luk 12:37, 39
l Jak 1:27
m IsA 6:11
n 1Jo 5:4
o IsA 4:4; IsA 19:8
p Flp 4:3
q Luk 12:8

**Uhla 2**
a Joh 6:69; Heb 7:26
b IsA 3:14; IsA 19:11
c Isay 22:22; Luk 1:32
d 1Ko 16:9; 2Ko 2:12
e Rom 2:28; IsA 2:9
f Luk 8:15; Luk 21:19; 2Ti 2:12; Heb 10:36; Heb 12:3
g 2Th 3:3
h IsA 2:16
i Jak 1:12; IsA 2:10
j IsA 22:3, 4
k Heb 12:22; IsA 21:2
l IsA 14:1; IsA 19:12
m Kol 4:16
n 2Ko 1:20

ufakazi[a] othembekile noqinisi-
le,[b] isiqalo sendalo kaNkulunku-
lu:[c] **15** ‘Ngiyazazi izenzo za-
kho, ukuthi awubandi futhi awu-
shisi. Ngifisa sengathi nga-
be uyabanda noma uyashisa.
**16** Ngenxa yokuthi untukuntu-
ku, awushisi[d] futhi awubandi,[e]
ngizokuhlanza uphume emlo-
nyeni wami. **17** Ngoba uthi,
“Ngicebile,[f] ngiye ngazuza ingce-
bo futhi akukho engikudinga-
yo,” kodwa awazi ukuthi ungo-
wosizi, uyadabukisa nokuthi
umpofu, uyimpumputhe futhi
unqunu, **18** ngikweluleka uku-
ba uthenge kimi igolide elicwe-
ngisiswe ngomlilo ukuze uce-
be, nezingubo ezimhlophe uku-
ze ugqoke futhi ihlazo lobunqu-
nu bakho lingabonakali,[g] nomu-
thi wamehlo ukuba uwuhlikihle
emehlweni akho[h] ukuze ubone.[i]

**19** “‘Bonke engibathandayo
ngiyabasola ngibayale.[j] Ngakho
shiseka, uphenduke.[k] **20** Bhe-
ka! Ngimi emnyango ngiyangqo-
ngqoza. Uma umuntu ezwa izwi
lami bese evula umnyango, ngi-
zongena endlini yakhe ngidle
naye isidlo sakusihlwa, naye
adle nami. **21** Onqobayo[l] ngi-
yomnika ukuba ahlale nami esi-
hlalweni sami sobukhosi,[m] nje-
ngoba nje nami nganqoba, nga-
hlala[n] noBaba esihlalweni sa-
khe sobukhosi. **22** Onendlebe
makezwe lokho umoya okusho-
yo emabandleni.’”

**4** Ngemva kwalokhu ngabona
umnyango ovulekile ezulwi-
ni, izwi lokuqala engalizwa li-
khuluma nami lalinjengecilo-
ngo, lithi: “Khuphukela lapha,
ngizokubonisa izinto okumele
zenzeke.” **2** Ngemva kwalokhu
masinyane ngaba semandleni
omoya, bheka! isihlalo sobukho-
si sasisendaweni yaso ezulwini,
kwakukhona ohlezi kulesi sihla-
lo sobukhosi.[o] **3** Lowo owaye-
hlezi wayebukeka njengetshe le-
jaspi[a] netshe elibomvu,* isi-
hlalo sobukhosi sasizungezwe
uthingo olubukeka njenge-eme-
raldi.#[b]

**4** Isihlalo sobukhosi sasizu-
ngezwe yizihlalo zobukhosi ezi-
ngu-24, kulezi zihlalo zobukho-
si ngabona kuhlezi abadala aba-
ngu-24[c] begqoke izingubo ezim-
hlophe, emakhanda abo kune-
miqhele yegolide. **5** Esihlalwe-
ni sobukhosi kwakuphuma imi-
bani,[d] amazwi kanye nokuduma
kwezulu;[e] kukhona izibani zo-
mlilo eziyisikhombisa ezivutha-
yo phambi kwesihlalo sobukho-
si, lezi zisho imimoya eyisikho-
mbisa kaNkulunkulu.[f] **6** Pha-
mbi kwesihlalo sobukhosi kwa-
kukhona okufana nolwandle
lwengilazi,[g] njengekristalu.

Kwakunezidalwa ezine ezi-
philayo[h] zigcwele amehlo nga-
phambili nangemuva, ziphaka-
thi kwesihlalo sobukhosi* fu-
thi zisizungezile. **7** Isidalwa
esiphilayo sokuqala sasinjenge-
bhubesi,[i] isidalwa esiphilayo se-
sibili sinjengenkunzi,[j] isida-
lwa esiphilayo sesithathu[k] sasi-
nobuso obunjengobomuntu,
kanti isidalwa esiphilayo sesine[l]
sasinjengokhozi olundizayo.[m]
**8** Ngokuqondene nalezi zidalwa
ezine eziphilayo, ngasinye sazo
sasinamaphiko ayisithupha; zi-
gcwele amehlo nxazonke na-
ngaphansi kwamaphiko.[n] Azi-
phumuli, imini nobusuku zithi:
“Ungcwele, ungcwele, ungcwele
uJehova*[o] uNkulunkulu, uMni-
nimandla Onke, owayekhona
nokhona nozayo.”[p]

**9** Noma nini lapho izidalwa
eziphilayo zinikela inkazimu-
lo nodumo nokubonga kuLowo

**4:3** *Noma, “netshe eliyigugu elinombala obomvu.” #Itshe eliyigugu elinombala oluhlaza. **4:6** *Noma, “ziphakathi nendawo kanye nesihlalo sobukhosi.” **4:8** *Bheka iSithasiselo A5.

ISAHL. 3
a Joh 18:37, 1Ti 6:13, IsA 1:5
b Joh 1:14, IsA 19:11
c IzA 8:22, Kol 1:15
d 2Ko 9:2
e IzA 25:13
f Hos 12:8
g IsA 16:15
h Hu 19:8
i 1Ti 6:17-19
j IzA 3:12
k IsA 2:5, IsA 3:3
l 1Jo 5:4, IsA 12:11
m Mat 19:28, Luk 22:28-30, IsA 2:26
n Heb 10:12

ISAHL. 4
o 1Kh 22:19, Isay 6:1, Hez 1:26, 27, Dan 7:9, IzE 7:55

Uhla 2
a IsA 21:10, 11
b 1Jo 1:5
c IsA 4:10, IsA 5:8, IsA 11:16, IsA 19:4
d Hez 1:13
e Eks 19:16
f IsA 1:4, IsA 5:6
g Eks 30:18, 1Kh 7:23
h Hez 1:5-10
i IzA 28:1, Isay 31:4
j Job 39:9-11, IsA 6:3
k IsA 6:5
l IsA 6:7
m Job 39:27, 29, Hez 1:10
n Hez 10:9, 12
o Isay 6:2, 3
p IsA 1:4

ohlezi esihlalweni sobukhosi,
Lowo ophila kuze kube phakade
naphakade,[a] **10** abadala aba-
ngu-24[b] bawa phansi phambi
kwaLowo ohlezi esihlalweni
sobukhosi bakhulekele Lowo
ophila kuze kube phakade na-
phakade, baphonse imiqhele
yabo phambi kwesihlalo so-
bukhosi, bathi: **11** “Kukufane-
le Jehova* Nkulunkulu wethu,
ukwamukela inkazimulo[c] nodu-
mo[d] namandla,[e] ngoba wadala
zonke izinto,[f] nangenxa yenta-
ndo yakho zaba khona zadalwa.”

**5** Esandleni sokudla saLowo
ohlezi esihlalweni sobukho-
si[g] ngabona umqulu ubhalwe
ngaphakathi nangaphandle,*
uvalwe waqiniswa ngezimpa-
wu eziyisikhombisa. **2** Ngabo-
na ingelosi enamandla imemeza
ngezwi elikhulu, ithi: “Ngubani
okufanelekelayo ukuvula umqu-
lu aqaqe izimpawu zawo?”
**3** Kodwa kwakungekho noye-
dwa ezulwini noma emhlabe-
ni noma ngaphansi komhlaba
owayekwazi ukuwuvula umqulu
noma ukuwufunda. **4** Ngakha-
la kakhulu ngoba engekho owa-
tholakala ekufanelekela ukuwu-
vula lo mqulu noma ukuwufu-
nda. **5** Kodwa omunye waba-
dala wathi kimi: “Yeka ukukha-
la. Bheka! IBhubesi* lesizwe sa-
kwaJuda,[h] impande[i] kaDavide,[j]
linqobile[k] ukuze liwuvule umqu-
lu nezimpawu zawo eziyisikho-
mbisa.”

**6** Ngabona kumi iwundlu[l]
eceleni* kwesihlalo sobukhosi
naphakathi kwezidalwa eziphi-
layo ezine kanye nabadala,[m] ku-
njengokungathi lihlatshiwe,[n] li-
nezimpondo eziyisikhombisa
namehlo ayisikhombisa—ame-
hlo asho imimoya eyisikho-
mbisa kaNkulunkulu[a] ethunye-
lwe emhlabeni wonke. **7** Nga-
so leso sikhathi lasondela lawu-
thatha esandleni sokudla saLo-
wo ohlezi esihlalweni sobukho-
si.[b] **8** Lapho lithatha lo mqu-
lu, izidalwa ezine eziphilayo na-
badala abangu-24[c] bawa phansi
phambi kweWundlu, yilowo na-
lowo enehabhu nezitsha zegoli-
de ezazigcwele impepho. (Impe-
pho isho imithandazo yaba-
ngcwele.)[d] **9** Bahlabelela ingo-
ma entsha,[e] bethi: “Uyakufane-
lekela ukuthatha umqulu uvu-
le izimpawu zawo, ngoba wa-
hlatshwa futhi ngegazi lakho
wathengela uNkulunkulu aba-
ntu[f] kuzo zonke izinhlanga nezi-
limi nabantu nezizwe,[g] **10** wa-
benza baba ngumbuso[h] nabapri-
sti kuNkulunkulu wethu,[i] futhi
bayobusa njengamakhosi[j] phe-
zu komhlaba.”

**11** Ngabona, futhi ngezwa
izwi lezingelosi eziningi ezizu-
ngeze isihlalo sobukhosi nezi-
dalwa eziphilayo nabadala, isi-
balo sazo sasingamashumi ezi-
nkulungwane aphindwe nga-
mashumi ezinkulungwane ne-
zinkulungwane zezinkulungwa-
ne,[k] **12** zazithi ngezwi elikhu-
lu: “IWundlu elahlatshwa[l] liya-
kufanelekela ukwamukela igu-
nya nengcebo nokuhlakanipha
namandla nodumo nenkazimu-
lo nesibusiso.”[m]

**13** Zonke izidalwa ezisezu-
lwini nasemhlabeni nangapha-
nsi komhlaba[n] nezisolwandle,
yebo, zonke izinto ezikukho,
ngazizwa zithi: “KuLowo ohle-
zi esihlalweni sobukhosi[o] na-
kulo iWundlu[p] makube isibusi-
so nodumo[q] nenkazimulo nama-
ndla kuze kube phakade napha-
kade.”[r] **14** Izidalwa ezine ezi-
philayo zazithi: “Amen!” abada-
la bawa phansi bakhuleka.

---

**4:11** *Bheka iSithasiselo A5. **5:1** *Noma, “ubhalwe nhlangothi zombili.” **5:5** *Noma, “INgonyama.” **5:6** *Noma, “phakathi.”

ISAHL. 4
a Hu 90:2; Dan 12:7
b IsA 5:8
c Mat 5:16; IsA 14:7
d IsA 19:10
e IsA 5:13; IsA 7:12; IsA 11:17; IsA 12:10
f IsA 10:6

ISAHL. 5
g IsA 4:2, 3
h Gen 49:9, 10; Heb 7:14
i Isay 11:1, 10; Rom 15:12
j 2Sa 7:8, 12; IsA 22:16
k Joh 16:33
l Isay 53:7; Joh 1:29; 1Pe 1:19
m Efe 1:22
n Joh 19:30; IsA 5:12

Uhla 2
a IsA 1:4
b Hu 47:8; Isay 6:1
c IsA 5:14; IsA 19:4
d Hu 141:2; IsA 8:4
e Hu 33:3; Hu 144:9; Isay 42:10; IsA 14:3
f Mat 26:27, 28; 1Ko 6:20; Heb 9:12; 1Pe 1:18, 19
g IsA 14:4
h Luk 12:32; Luk 22:28-30
i Eks 19:6; 1Pe 2:9; IsA 1:5, 6
j Mat 19:28; IsA 20:4, 6; IsA 22:5
k Dan 7:9, 10
l Isay 53:7; IsA 5:6
m Mat 28:18
n Flp 2:9, 10
o IsA 4:2, 3
p Joh 1:29; IsA 7:17
q Joh 5:23; 1Ti 6:16
r 1Pe 4:11

6 Ngabona lapho iWundlu[a] li-
vula olunye lwezimpawu ezi-
yisikhombisa,[b] ngezwa esinye
sezidalwa ezine eziphilayo[c] sithi
ngezwi elinjengokuduma kwezu-
lu: "Woza!" **2** Ngabona ihhashi
elimhlophe,[d] oligibele wayenom-
nsalo; wanikwa umqhele,[e] wa-
phuma enqoba futhi eyophelelі-
sa ukunqoba kwakhe.[f]

**3** Lapho livula uphawu lwesi-
bili, ngezwa isidalwa esiphilayo
sesibili[g] sithi: "Woza!" **4** Kwa-
phuma elinye ihhashi, elibomvu
njengomlilo, oligibele wanikwa
ukuba asuse ukuthula emhlabe-
ni ukuze babulalane, wanikwa
nenkemba enkulu.[h]

**5** Lapho livula uphawu lwesi-
thathu,[i] ngezwa isidalwa esiphi-
layo sesithathu[j] sithi: "Woza!"
Ngabona ihhashi elimnyama,
lowo oligibele wayephethe isi-
kali esandleni sakhe. **6** Nge-
zwa okunjengokungathi izwi
phakathi kwezidalwa ezine ezi-
philayo lithi: "Ilitha* likako-
lweni ngodenariyu,#[k] namalitha
amathathu ebhali ngodenariyu;
ungawoni amafutha omnqumo
newayini."[l]

**7** Lapho livula uphawu lwe-
sine, ngezwa izwi lesidalwa esi-
philayo sesine[m] lithi: "Woza!"
**8** Ngabona ihhashi elipha-
phathekile, oligibele wayenega-
ma elithi ukuFa. IThuna* lali-
mlandela eduze. Banikwa igu-
nya phezu kwengxenye eyodwa
kwezine zomhlaba, ukuba ba-
bulale ngenkemba ende nange-
ndlala,[n] nangesifo esibulalayo
nangezilo zasendle zomhlaba.[o]

**9** Lapho livula uphawu lwesi-
hlanu, ngabona ngaphansi kwe-
altare[a] imiphefumulo*[b] yalabo
ababulawa ngenxa yezwi lika-
Nkulunkulu nangenxa yomsebe-
nzi wabo wokufakaza.[c] **10** Ba-
memeza ngezwi elikhulu, bathi:
"Kuyoze kube nini, Nkosi Engu-
Mbusi, engcwele neyeqiniso,[d]
uyeka ukwahlulela nokuphindi-
selela igazi lethu kulabo abahla-
la emhlabeni?"[e] **11** Ngamunye
kubo wanikwa isembatho esim-
hlophe,[f] batshelwa ukuba ba-
phumule isikhashana, kuze ku-
gcwale isibalo sezinceku ezika-
nye nabo nabafowabo abase be-
zobulawa njengoba nabo bebu-
lewe.[g]

**12** Ngabona lapho livula
uphawu lwesithupha, kwaba
khona ukuzamazama komhla-
ba okukhulu; ilanga laba mnya-
ma njengendwangu yesaka em-
nyama eyenziwe ngoboya,* yo-
nke inyanga yaba njengegazi,[h]
**13** izinkanyezi zezulu zawela
emhlabeni, njengalapho isihla-
hla samakhiwane sinyakaziswa
umoya omkhulu, siwisa ama-
khiwane aso aluhlaza. **14** Izu-
lu lagoqwa njengomqulu lanya-
malala,[i] zonke izintaba nazo zo-
nke iziqhingi zasuswa ezinda-
weni zazo.[j] **15** Amakhosi om-
hlaba, izikhulu eziphakeme,
abalawuli bamabutho, abacebi-
le, abanamandla, zonke izigqi-
la nabo bonke abantu aba-
khululekile bacasha emihumeni
nasemadwaleni asezintabeni.[k]
**16** Baqhubeka bethi ezintabe-
ni nasemadwaleni: "Welani phe-
zu kwethu[l] nisifihle emehlweni
aLowo ohlezi esihlalweni sobu-
khosi[m] nasolakeni lweWundlu,[n]
**17** ngoba usuku olukhulu lola-
ka lwabo selufikile,[o] futhi ubani
okwaziyo ukuma?"[p]

---

**6:6** *Bheka iSithasiselo B14. #Uhlamvu lwesiliva lwaseRoma olwalulingana nomholo wosuku olulodwa. Bheka iSithasiselo B14. **6:8** *Noma, "IHayidesi," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**6:9** *Ngokusobala kubhekiselwa egazini labo elathululwa e-altare. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **6:12** *Cishe uboya bembuzi.

---

**ISAHL. 6**
*a* IsA 5:6
*b* IsA 5:5
*c* IsA 4:7
*d* IsA 19:11
*e* IsA 14:14
*f* Hu 45:4; Hu 110:1, 2; IsA 12:7; IsA 17:14
*g* IsA 4:7
*h* Mat 24:7; Luk 21:10
*i* IsA 5:5
*j* IsA 4:7
*k* Mat 20:2
*l* Mar 13:8
*m* IsA 4:7
*n* Luk 21:11
*o* Jer 15:2, 3; Hez 14:21

**Uhla 2**
*a* Lev 4:7; IsA 8:3
*b* Lev 17:11
*c* Mat 24:9, 14; Joh 18:37; IsA 17:6; IsA 20:4
*d* 1Jo 5:20
*e* Dut 32:43; Luk 18:7; IsA 19:1, 2
*f* IsA 3:5
*g* Mat 24:9; IzE 9:1; 2Ko 1:8
*h* Jow 2:31; Mat 24:29
*i* Isay 34:4
*j* IsA 16:20
*k* Isay 2:10, 19
*l* Hos 10:8; Luk 23:30
*m* IsA 4:2, 3
*n* IsA 5:6
*o* Zef 1:14, 18; Rom 2:5
*p* Jow 2:11

**7** Ngemva kwalokhu ngabona izingelosi ezine zimi emagumbini amane omhlaba, zibambe imimoya emine yomhlaba zayiqinisa, ukuze kungabikho moya ovunguzayo emhlabeni noma olwandle noma kunoma yisiphi isihlahla.
**2** Ngabona enye ingelosi inyuka ivela empumalanga, inophawu lukaNkulunkulu ophilayo; yamemeza ngezwi elikhulu izingelosi ezine ezazinikwe ukuba zilimaze umhlaba nolwandle,
**3** yathi: "Ningawulimazi umhlaba noma ulwandle noma izihlahla, kuze kube yilapho sesizibeke uphawu[a] izinceku zikaNkulunkulu wethu eziphongweni zazo."[b]

**4** Ngezwa isibalo salabo ababekwa uphawu, bangu-144 000[c] ababekwa uphawu kuzo zonke izizwe zabantwana bakwa-Israyeli:[d]

**5** Esizweni sakwaJuda bangu-12 000 ababekwa uphawu;

esizweni sakwaRubeni bangu-12 000;

esizweni sakwaGadi bangu-12 000;

**6** esizweni sakwa-Asheri bangu-12 000;

esizweni sakwaNafetali bangu-12 000;

esizweni sakwaManase[e] bangu-12 000;

**7** esizweni sakwaSimeyoni bangu-12 000;

esizweni sakwaLevi bangu-12 000;

esizweni sakwa-Isakare bangu-12 000;

**8** esizweni sakwaZebhuloni bangu-12 000;

esizweni sakwaJosefa bangu-12 000;

esizweni sakwaBhenjamini bangu-12 000 ababekwa uphawu.

**9** Ngemva kwalokhu, ngabona isixuku esikhulu, okungekho muntu owakwazi ukusibala, siphuma kuzo zonke izizwe nezinhlanga nabantu nezilimi,[a] simi phambi kwesihlalo sobukhosi naphambi kweWundlu, sigqoke izingubo ezimhlophe;[b] kukhona amagatsha esundu ezandleni zaso.[c]
**10** Siqhubeka simemeza ngezwi elikhulu, sithi: "Insindiso yethu ivela kuNkulunkulu wethu, ohlezi esihlalweni sobukhosi,[d] nakulo iWundlu."[e]

**11** Zonke izingelosi zazimi zizungeze isihlalo sobukhosi nabadala[f] nezidalwa ezine eziphilayo, futhi zawa ngobuso phambi kwesihlalo sobukhosi zakhulekela uNkulunkulu,
**12** zithi: "Amen! Ukudunyiswa nenkazimulo nokuhlakanipha nokubonga nodumo namandla makube kuNkulunkulu wethu kuze kube phakade naphakade.[g] Amen."

**13** Ebona lokhu omunye kubadala wathi kimi: "Laba abagqoke izingubo ezimhlophe,[h] bangobani futhi bavelaphi?"
**14** Ngaso leso sikhathi ngathi kuye: "Nkosi yami, nguwe owaziyo." Wathi kimi: "Laba yilabo abaphuma osizini olukhulu,[i] abaye bawasha izingubo zabo zaba mhlophe egazini leWundlu.[j]
**15** Yingakho bephambi kwesihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu, banikela inkonzo engcwele kuye imini nobusuku ethempelini lakhe; Lowo ohlezi esihlalweni sobukhosi[k] uyokwendlala itende lakhe phezu kwabo.[l]
**16** Ngeke besalamba noma besoma, ilanga nanoma yikuphi ukushisa okuhangulayo ngeke kusabashisa,[m]
**17** ngoba iWundlu,[n] eliseceleni* kwesihlalo sobukhosi, liyobelusa,[o] futhi

---

7:17 * Noma, "eliphakathi."

ISAHL. 7
a 2Ko 1:22 Efe 1:13 Efe 4:30
b IsA 9:4
c IsA 14:1, 3
d Rom 2:29 Rom 9:6 Gal 6:16 IsA 21:12
e Gen 41:51

Uhla 2
a Isay 2:2 IsA 15:4
b IsA 7:14
c Lev 23:40 Joh 12:13
d IsA 4:2, 3
e IzE 4:12 IsA 5:6
f IsA 4:4 IsA 11:16
g IsA 4:11
h IsA 7:9
i Mat 24:21 Mar 13:19
j Joh 1:29 Heb 9:14 1Jo 1:7 IsA 1:5
k IsA 4:2
l Hu 15:1 IsA 21:3
m Hu 121:6 Isay 49:10
n IsA 5:6
o Joh 10:11

liyobaqondisa emithonjeni* ya-
manzi okuphila.[a] UNkulunkulu
uyosula zonke izinyembezi eme-
hlweni abo.”[b]

**8** Lapho livula[c] uphawu lwesi-
khombisa,[d] kwathula kwathi
cwaka ezulwini cishe isigamu
sehora. **2** Ngabona izingelosi
eziyisikhombisa[e] ezima phambi
kukaNkulunkulu, zanikwa ama-
cilongo ayisikhombisa.

**3** Enye ingelosi yafika yama
e-altare,[f] iphethe isitsha sempe-
pho segolide, yanikwa impepho
eningi[g] ukuba iyinikele kanye
nemithandazo yabo bonke aba-
ngcwele e-altare legolide[h] ela-
liphambi kwesihlalo sobukho-
si. **4** Intuthu yempepho yanyu-
ka iphuma esandleni senge-
losi kanye nemithandazo[i] yaba-
ngcwele phambi kukaNkulunku-
lu. **5** Kodwa ngaso leso sikha-
thi ingelosi yathatha isitsha se-
mpepho, yasigcwalisa ngomu-
nye womlilo wase-altare yawu-
phonsa emhlabeni. Kwaduma
izulu, kwaba khona amazwi ne-
mibani[j] nokuzamazama komhla-
ba. **6** Izingelosi eziyisikhombi-
sa eziphethe amacilongo ayisi-
khombisa[k] zalungela ukuwa-
shaya.

**7** Eyokuqala yashaya icilo-
ngo layo. Kwaba khona isicho-
tho nomlilo, kuxubene negazi,
kwaphonswa emhlabeni;[l] ingxe-
nye yesithathu yomhlaba yasha,
nengxenye yesithathu yezihla-
hla yasha, nazo zonke izimila
eziluhlaza zasha.[m]

**8** Ingelosi yesibili yashaya
icilongo layo. Okuthile okunje-
ngentaba enkulu evutha umlilo
kwaphonswa olwandle.[n] Ingxe-
nye yesithathu yolwandle yaba
yigazi;[o] **9** ingxenye yesithathu
yezidalwa* zasolwandle yafa,[p]
nengxenye yesithathu yemikhu-
mbi yaphahlazeka.

**10** Ingelosi yesithathu ya-
shaya icilongo layo. Inkanye-
zi enkulu evutha njengesiba-
ni yawa isuka ezulwini, yawe-
la engxenyeni yesithathu yemi-
fula nasemithonjeni* yamanzi.[a]
**11** Igama lale nkanyezi uMhlo-
nyane. Ingxenye yesithathu ya-
manzi yaphenduka umhlonya-
ne, futhi abantu abaningi bafa
ngenxa yala manzi, ngoba aye-
nziwe ababa.[b]

**12** Ingelosi yesine yashaya
icilongo layo. Ingxenye yesitha-
thu yelanga yashaywa[c] nengxe-
nye yesithathu yenyanga ne-
ngxenye yesithathu yezinkanye-
zi, ukuze ingxenye yesithathu
yazo yenziwe ibe mnyama[d] fu-
thi ingxenye yesithathu yosuku
ingakhanyi, nobusuku ngokufa-
nayo.

**13** Ngabona futhi ngezwa
ukhozi lundiza emkhathini luthi
ngezwi elikhulu: “Maye, maye,
maye[e] kulabo abahlala emhla-
beni ngenxa yakho konke oku-
nye ukukhala kwamacilongo
ezingelosi ezintathu esezizo-
shaya amacilongo azo!”[f]

**9** Ingelosi yesihlanu yasha-
ya icilongo layo.[g] Ngabona
inkanyezi eyayiwele emhlabeni
isuka ezulwini, yanikwa isi-
hluthulelo somgodi wakwala-
sha.[h] **2** Yavula umgodi wakwa-
lasha, kwanyuka intuthu iphu-
ma emgodini njengentuthu ye-
sithando somlilo esikhulu, intu-
thu yalo mgodi yenza ilanga no-
moya kwafiphala.[i] **3** Entuthwi-
ni kwaphuma isikhonyane* saya
emhlabeni,[j] sanikwa igunya,
igunya elifana nalelo ofezela
bomhlaba abanalo. **4** Satshe-
lwa ukuba singazilimazi izimila

**7:17** *Noma, “eziphethwini.” **8:9** *Noma, “yezidalwa ezinemiphefumulo.”

**8:10** *Noma, “naseziphethwini.” **9:3** *Noma, “izintethe.”

ISAHL. 7
a IsA 22:1
b Isay 25:8
IsA 21:4

ISAHL. 8
c IsA 6:1
d IsA 5:1
e IsA 15:1
f Eks 30:1, 3
g IsA 5:8
h IsA 9:13
i Hu 141:2
Luk 1:10
j Eks 19:16
IsA 4:5
k IsA 8:7, 8
IsA 8:10, 12
IsA 9:1, 13
IsA 11:15
l IsA 16:2
m Eks 9:23-25
Hu 97:3, 5
n Isay 17:12, 13
Isay 57:20
o Eks 7:20
p IsA 16:1, 3

Uhla 2
a IsA 16:1, 4
b Amo 5:7
c IsA 16:1, 8
d Eks 10:22
e IsA 9:12
IsA 11:14
f IsA 8:2

ISAHL. 9
g IsA 8:2
h Luk 8:30, 31
IsA 9:11
IsA 20:1-3
i Jow 2:2, 10
j Eks 10:12

zomhlaba nanoma yisiphi esi-
nye isitshalo esiluhlaza nanoma
yisiphi isihlahla, kodwa kuphela
labo bantu abangenalo uphawu
lukaNkulunkulu eziphongweni
zabo.*[a]

**5** Isikhonyane savunyelwa
ukuba sibahluphe izinyanga ezi-
nhlanu kodwa singababulali, fu-
thi ukuhlushwa kwabo kwa-
kunjengokuhlushwa ufezela[b] la-
pho utinyela umuntu. **6** Nga-
lezo zinsuku, abantu bayofu-
na ukufa kodwa ngeke bafe, ba-
yofisa ukufa kodwa ukufa kuyo-
babalekela.

**7** Isikhonyane sasibukeka
njengamahhashi alungiselwe
impi;[c] emakhanda aso kwaku-
khona okwakungathi imiqhele
yegolide, ubuso baso bunjengo-
buso babantu, **8** kodwa sasi-
nezinwele ezinjengezabesifaza-
ne. Amazinyo aso enjengawama-
bhubesi,[d] **9** sasinezivikelo ze-
sifuba zensimbi. Umsindo wa-
maphiko aso wawunjengomsi-
ndo wezinqola zamahhashi agiji-
mela empini.[e] **10** Sasinemisila
enezindosi njengofezela, igunya
laso lokulimaza abantu izinya-
nga ezinhlanu lisemisileni yaso.[f]
**11** Sinenkosi ephezu kwaso,
ingelosi yakwalasha.[g] NgesiHe-
bheru igama layo ngu-Abhado-
ni,* kodwa ngesiGreki inegama
elithi Apholiyoni.#

**12** Umaye owodwa udlulile.
Kuseza abanye omaye ababili[h]
ngemva kwalezi zinto.

**13** Ingelosi yesithupha[i] ya-
shaya icilongo layo.[j] Ngezwa
izwi elilodwa liphuma ezimpo-
ndweni ze-altare legolide[k] eli-
phambi kukaNkulunkulu **14** li-
thi engelosini yesithupha eya-
yinecilongo: "Khulula izingelo-
si ezine eziboshwe emfuleni
omkhulu i-Ewufrathe."[a] **15** Izi-
ngelosi ezine ebezilungiselelwe
ihora nosuku nenyanga no-
nyaka, zakhululwa ukuze zi-
bulale ingxenye yesithathu ya-
bantu.

**16** Isibalo samabutho agibe-
le amahhashi sasiyizinkulu-
ngwane ezingamashumi amabi-
li eziphindwe ngezinkulungwa-
ne eziyishumi;* ngasizwa isiba-
lo sawo. **17** Yile ndlela enga-
wabona ebukeka ngayo ama-
hhashi embonweni nalabo aba-
bewagibele: Babenezivikelo ze-
sifuba ezinokubomvu njengo-
mlilo nokuluhlaza njengehiya-
kinte nokuphuzi njengesibabu-
le, amakhanda amahhashi
ayenjengamakhanda amabhu-
besi,[b] emilonyeni yawo kwaphu-
ma umlilo nentuthu nesibabule.
**18** Ingxenye yesithathu yaba-
ntu yabulawa yilezi zinhlupho
ezintathu, umlilo nentuthu ne-
sibabule okwakuphuma emilo-
nyeni yawo. **19** Ngoba igunya
lamahhashi lisemilonyeni yawo
nasemisileni yawo, imisila yawo
injengezinyoka futhi inamakha-
nda alimaza ngayo abantu.

**20** Kodwa bonke abanye aba-
ntu abangabulawanga yilezi zi-
nhlupho abazange baphendu-
ke emisebenzini yezandla zabo;
abazange bayeke ukukhulekela
amademoni, nezithixo zegolide,
nezesiliva, nezethusi, nezetshe,
nezokhuni, okungakwazi uku-
bona noma ukuzwa noma uku-
hamba.[c] **21** Abazange baphe-
nduke nasezenzweni zabo zoku-
bulala noma ezenzweni zabo zo-
kusebenzelana nemimoya noma
ekuziphatheni kabi ngokocansi*
noma ekwebeni kwabo.

---

**9:4** *Noma, "emabunzini abo." **9:11** *Incazelo: "IMbubhiso." #Incazelo: "UMbhubhisi."

**9:16** *Noma, "sasingu-20 000 ophindwe izikhathi ezingu-10 000," okuwukuthi, 200 000 000. **9:21** *NgesiGreki, *por·neiʹa.* Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

ISAHL. 9
a IsA 7:2, 3
b IsA 9:10
c Jow 2:4, 5
d Jow 1:6
e Jow 2:4, 5
f IsA 9:5
g IsA 9:1; IsA 20:1-3
h IsA 8:13
i IsA 8:6
j IsA 11:15
k IsA 8:3

Uhla 2
a IsA 16:1, 12; IsA 17:1, 15
b IzA 28:1
c Hu 115:4-7

**10** Ngabona enye ingelosi
enamandla yehla ivela
ezulwini, ivunule* ngefu, ku-
nothingo ekhanda layo, ubu-
so bayo bunjengelanga,[a] nemile-
nze# yayo injengezinsika zomli-
lo, **2** esandleni sayo yayiphe-
the umqulu omncane ovuliwe.
Yabeka unyawo lwayo lwesoku-
dla olwandle, kodwa olwesobu-
nxele emhlabeni, **3** yamemeza
ngezwi elikhulu njengalapho ku-
bhonga ibhubesi.[b] Lapho ime-
meza, amazwi okuduma kwezu-
lu okuyisikhombisa[c] akhuluma.
**4** Lapho ukuduma kwezu-
lu okuyisikhombisa kukhuluma,
ngase ngilungele ukubhala; ko-
dwa ngezwa izwi livela ezulwi-
ni[d] lithi: "Zivale ngophawu izi-
nto ezishiwo ukuduma kwezu-
lu okuyisikhombisa, ungazibha-
li." **5** Ingelosi engayibona imi
phezu kolwandle naphezu kom-
hlaba yaphakamisela isandla
sayo sokudla ezulwini, **6** yafu-
nga Lowo ophila kuze kube pha-
kade naphakade,[e] owadala izu-
lu nezinto ezikulo nomhlaba ne-
zinto ezikuwo nolwandle nezi-
nto ezikulo,[f] yathi: "Ngeke ku-
sabambezeleka. **7** Kodwa nge-
zinsuku ingelosi yesikhombisa[g]
ezoshaya ngazo icilongo layo,[h]
imfihlo engcwele[i] uNkulunkulu
ayimemezela njengezindaba ezi-
nhle ezincekwini zakhe abapro-
fethi[j] ngempela izogcwaliseka."
**8** Ngaphinde ngezwa izwi li-
vela ezulwini[k] likhuluma nami
lithi: "Hamba, uthathe umqulu
ovulekile osesandleni sengelo-
si emi phezu kolwandle naphe-
zu komhlaba."[l] **9** Ngaya enge-
losini ngayitshela ukuba ingini-
ke umqulu omncane. Yathi kimi:
"Wuthathe uwudle uwuqede,[m]
uzokwenza isisu sakho sibe bu-
hlungu,* kodwa emlonyeni wa-
kho uzoba mnandi njengo-
ju lwezinyosi." **10** Ngawutha-
tha umqulu omncane esandleni
sengelosi ngawudla,[a] emlonye-
ni wami wawumnandi njengoju
lwezinyosi,[b] kodwa lapho sengi-
wudlile, isisu sami saba buhlu-
ngu.* **11** Kwathiwa kimi: "Ku-
mele uphinde uprofethe mayela-
na nabantu nezizwe nezilimi na-
makhosi amaningi."

**11** Nganikwa umhlanga onje-
ngenduku*[c] kwathiwa:
"Sukuma ukale indlu engcwe-
le yethempeli likaNkulunkulu
ne-altare nabakhulekela kuyo.
**2** Kodwa igceke elingaphandle
kwendlu engcwele yethempeli,
lona liyeke ungalikali, ngoba li-
nikwe izizwe futhi idolobha eli-
ngcwele[d] ziyolinyathela nge-
zinyawo izinyanga ezingu-42.[e]
**3** Ngizobangela ofakazi bami
ababili ukuba baprofethe be-
gqoke indwangu yesaka, izinsu-
ku ezingu-1 260." **4** Laba bafa-
nekiselwa yizihlahla zeminqu-
mo ezimbili[f] nayizinti zeziba-
ni ezimbili[g] futhi bami phambi
kweNkosi yomhlaba.[h]
**5** Uma kukhona ofuna uku-
balimaza, kuphuma umlilo emi-
lonyeni yabo ushise izitha zabo.
Uma noma ubani engase afune
ukubalimaza, kumele abulawe
ngaleyo ndlela. **6** Laba bane-
gunya lokuvala isibhakabhaka*[i]
ukuze imvula ingani[j] phakathi
nezinsuku zokuprofetha kwabo,
futhi banegunya phezu kwama-
nzi lokuwaphendula abe yiga-
zi[k] nelokushaya umhlaba nga-
zo zonke izinhlobo zezinhlu-
pho kaningi ngangokuthanda
kwabo.

ISAHL. 10
a Mat 17:1, 2
b IsA 5:5
c Eks 19:16; IsA 4:5; IsA 11:19
d IsA 10:8
e Hu 90:2; IsA 4:9
f Eks 20:11; Neh 9:6; Hu 146:6
g IsA 8:6
h IsA 11:15
i Mar 4:11
j Amo 3:7
k IsA 10:4
l IsA 10:1, 2
m Hez 2:8

Uhla 2
a Jer 15:16
b Hu 119:103; Hez 3:1-3

ISAHL. 11
c Hez 40:3
d IsA 21:2
e IsA 13:5
f Zak 4:3, 11
g Zak 4:12; Mat 5:14
h Zak 4:14
i Luk 4:25
j 1Kh 17:1; Jak 5:17
k Eks 7:19

**10:1** *Noma, "yembethe." #NgesiGreki, "nezinyawo."

**10:9** *NgesiGreki, "sibabe." **10:10** *NgesiGreki, "sababa." **11:1** *Noma, "onjengenduku yokukala." **11:6** *Noma, "izulu."

**7** Lapho sebeqedile ukufaka-
za, isilo sasendle esiphuma kwa-
lasha siyolwa nabo sibanqo-
be futhi sibabulale.[a] **8** Izidu-
mbu zabo ziyoba semgwaqwe-
ni omkhulu wedolobha elikhulu,
lelo ngomqondo ongokomfaneki-
so elibizwa ngokuthi iSodoma
neGibhithe, lapho neNkosi yabo
eyabulawelwa khona esigxotshe-
ni. **9** Abanye kubantu nezinhla-
nga nezilimi nezizwe bayozibuka
izidumbu zabo izinsuku ezinta-
thu nengxenye,[b] bangavumi uku-
ba izidumbu zabo zingcwatshwe.
**10** Abahlala emhlabeni bayoja-
bula ngabo bahalalise, bayothu-
melelana izipho, ngoba laba ba-
profethi ababili babahlupha labo
abahlala emhlabeni.

**11** Ngemva kwalezo zinsu-
ku ezintathu nengxenye, umoya
wokuphila ovela kuNkulunkulu
wangena kubo,[c] bama ngezinya-
wo, labo ababebabona behlelwa
ukwesaba okukhulu. **12** Be-
zwa izwi elikhulu livela ezu-
lwini lithi kubo: "Khuphukelani
lapha." Bakhuphukela ezulwini
ngefu, nezitha zabo zababona.*
**13** Ngalelo hora kwaba noku-
zamazama komhlaba okukhulu,
ingxenye eyodwa kweziyishumi
yedolobha yawa; abantu aba-
ngu-7 000 babulawa ukuzama-
zama komhlaba, bonke abanye
bethuka bakhazimulisa uNkulu-
nkulu wezulu.

**14** Umaye wesibili[d] udlulile.
Umaye wesithathu uyeza masi-
nyane.

**15** Ingelosi yesikhombisa ya-
shaya icilongo layo.[e] Kwaba
khona amazwi amakhulu ezu-
lwini, athi: "Umbuso wezwe
usunguMbuso weNkosi yethu[f]
nokaKristu,*[g] iyobusa# njenge-
nkosi kuze kube phakade na-
phakade."[h]

**16** Abadala abangu-24[a] aba-
behlezi phambi kukaNkulunku-
lu ezihlalweni zabo zobukho-
si bawa ngobuso bakhuleke-
la uNkulunkulu, **17** bathi: "Si-
yakubonga, Jehova* Nkulunku-
lu, Mninimandla Onke, okhona[b]
nowayekhona, ngoba uthathe
amandla akho amakhulu waqa-
la ukubusa njengenkosi.[c]
**18** Kodwa izizwe zaba nolaka,
nolaka lwakho lwafika nesikha-
thi esimisiwe sokwahlulela aba-
file nokuzinika umvuzo[d] wazo
izinceku zakho ezingabaprofe-
thi,[e] nabangcwele nalabo abesa-
ba igama lakho, abancane naba-
khulu, nokubhubhisa labo aba-
cekela phansi* umhlaba."[f]

**19** Indlu engcwele yethempe-
li likaNkulunkulu elisezulwini
yavulwa, kwabonakala umpho-
ngolo wesivumelwano sakhe
usendlini yakhe engcwele ye-
thempeli.[g] Kwaba khona imiba-
ni namazwi nokuduma kwezulu
nokuzamazama komhlaba nesi-
chotho esikhulu.

**12** Kwabonakala isibonaka-
liso esikhulu ezulwini:
Owesifazane[h] evunule* ngela-
nga, nenyanga ingaphansi kwe-
zinyawo zakhe, nasekhanda la-
khe kukhona umqhele wezinka-
nyezi ezingu-12, **2** futhi waye-
khulelwe. Wayekhala ngenxa ye-
zinhlungu zakhe nemihelo ya-
khe yokubeletha.

**3** Kwabonakala esinye isibo-
nakaliso ezulwini. Bheka! Udra-
ko omkhulu onombala obo-
mvu njengomlilo,[j] onamakha-
nda ayisikhombisa nezimpo-
ndo eziyishumi, emakhanda
akhe kunemiqhele* eyisikho-

---

**11:12** *Noma, "zazibukele." **11:15** *Noma, "nokaKristu wayo." #Cishe ku-shiwo uNkulunkulu.

**11:17** *Bheka iSithasiselo A5. **11:18** *Noma, "nokuchitha labo abachitha." **12:1** *Noma, "embethe." **12:3** *Noma, "kunemiqhele yasebukhosini."

---

ISAHL. 11
a IsA 12:17; IsA 13:7
b IsA 11:11
c Hez 37:5, 10
d IsA 9:12
e IsA 8:6
f 1Kr 29:11; Hu 22:28; Dan 4:17, 34; IsA 12:10
g Hu 2:6; Dan 7:13, 14; Luk 1:32, 33; Luk 22:28, 29; 2Pe 1:11
h Hu 145:13; Dan 2:44

Uhla 2
a IsA 4:10
b IsA 1:4; IsA 16:5
c Hu 99:1; Zak 14:9; IsA 19:6
d Heb 11:6
e Amo 3:7; Heb 1:1; Jak 5:10
f Gen 6:11
g 1Kh 8:1, 6; Heb 8:1, 2; Heb 9:11

ISAHL. 12
h Gen 3:15
i IsA 12:9; IsA 20:2

mbisa; **4** umsila wakhe udo-
nsa ingxenye yesithathu yezi-
nkanyezi[a] zezulu, wabe ese-
ziphonsa phansi emhlabeni.[b]
Udrako waqhubeka emi pha-
mbi kowesifazane[c] owayesezo-
beletha, ukuze kuthi lapho ese-
belethile, agwinye umntanakhe.
**5** Wabeletha indodana,[d] owe-
silisa, ozokwelusa izizwe zonke
ngenduku yensimbi.[e] Umntana-
khe wahlwithwa* wayiswa ku-
Nkulunkulu nasesihlalweni sa-
khe sobukhosi. **6** Owesifaza-
ne wabalekela ehlane, lapho
enendawo khona ayilungisele-
lwe uNkulunkulu, lapho ayeyo-
kondliwa khona izinsuku ezi-
ngu-1 260.[f]
**7** Kwagqashuka impi ezulwi-
ni: UMikayeli*[g] nezingelosi za-
khe balwa nodrako, nodrako
nezingelosi zakhe balwa **8** ko-
dwa abazange banqobe,* nenda-
wo yabo ayibange isatholaka-
la ezulwini. **9** Ngakho wapho-
nswa phansi udrako omkhulu,[h]
inyoka yokuqala,[i] lowo obizwa
ngokuthi uDeveli[j] noSathane,[k]
odukisa umhlaba wonke owa-
khiwe;[l] waphonswa phansi em-
hlabeni,[m] nezingelosi zakhe za-
phonswa phansi kanye naye.
**10** Ngezwa izwi elikhulu ezulwi-
ni lithi:
"Manje isikhona insindiso,[n]
namandla, noMbuso kaNkulu-
nkulu wethu[o] negunya likaKri-
stu wakhe, ngoba ummangaleli
wabafowethu uphonswe phansi,
lowo obamangalela imini no-
busuku phambi kukaNkulunku-
lu wethu![p] **11** Bamnqoba[q] nge-
nxa yegazi leWundlu[r] nange-
nxa yomyalezo ababewumeme-
zela,[s] bangayithanda imiphefu-
mulo*[a] yabo ngisho nalapho
bebhekene nokufa. **12** Ngenxa
yalokhu, thokozani nina mazu-
lu nani enihlala kuwo! Maye
ngomhlaba nangolwandle,[b] ngo-
ba uDeveli wehlele kini, ethuku-
thele kakhulu, azi ukuthi unesi-
khathi esifushane."[c]
**13** Manje lapho udrako ebo-
na ukuthi uphonswe phansi
emhlabeni,[d] washushisa owesi-
fazane[e] owabeletha umntwana
wesilisa. **14** Kodwa owesifa-
zane wanikwa amaphiko amabi-
li okhozi olukhulu,[f] ukuze andi-
zele ehlane endaweni yakhe, la-
pho eyokondliwa khona isikha-
thi nezikhathi nengxenye yesi-
khathi*[g] kude nenyoka.[h]
**15** Inyoka yakhipha ama-
nzi anjengomfula emlonyeni
wayo ngemva kowesifazane,
ukuze aminziswe yilo mfu-
la. **16** Kodwa umhlaba wamsi-
za owesifazane, umhlaba wa-
vula umlomo wawo wagwinya
umfula udrako ayewukhiphe
emlonyeni wakhe. **17** Udrako
wamthukuthelela owesifazane,
wahamba wayolwa nabasele be-
nzalo* yakhe,[i] abagcina imiyalo
kaNkulunkulu nabanomsebenzi
wokufakaza ngoJesu.[j]

**13** Wama* esihlabathini so-
lwandle.
Ngabona isilo sasendle[k] si-
nyuka siphuma olwandle,[l] si-
nezimpondo eziyishumi nama-
khanda ayisikhombisa, ezimpo-
ndweni zaso kunemiqhele* eyi-
shumi, kodwa emakhanda aso
kunamagama enhlamba. **2** Isi-
lo sasendle engasibona sa-
sinjengengwe, kodwa izinyawo
zaso zinjengezebhere, nomlomo

**12:5** *Noma, "wathathwa." **12:7** *Incazelo: "Ubani OnjengoNkulunkulu?" **12:8** *Noma kungaba, "kodwa wanqotshwa [okuwukuthi, udrako]."

**12:11** *Noma, "ukuphila." Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **12:14** *Okuwukuthi, izikhathi ezintathu nengxenye. **12:17** *NgesiGreki, "bembewu." **13:1** *Okuwukuthi, udrako. *Noma, "kunemiqhele yasebukhosini."

**ISAHL. 12**
a Job 38:7
b Gen 6:2; Jud 6
c Gen 3:15
d IsA 11:15
e Hu 2:9; Hu 110:2; IsA 19:15
f IsA 12:14
g Dan 10:13; Dan 12:1; Jud 9
h IsA 12:3; IsA 20:2
i Gen 3:1; 2Ko 11:3; IsA 12:14
j Mat 4:1; Joh 8:44; Heb 2:14; Jak 4:7; 1Pe 5:8
k 1Kr 21:1; Job 1:6; Zak 3:2; Mat 4:10; Joh 13:27; Rom 16:20; 2Th 2:9
l 2Ko 4:4; 2Ko 11:14; Efe 2:2; 1Jo 5:19
m Luk 10:18; IsA 12:13
n Rom 13:11; Heb 9:28; 1Pe 1:5
o IsA 11:15, 17
p Job 1:9; Zak 3:1
q 1Jo 2:14
r 1Pe 1:18, 19
s IzE 1:8; 2Ti 1:8; IsA 1:9

**Uhla 2**
a Mat 16:25; Luk 14:26; IzE 20:24
b Isay 57:20; Isay 60:2; IsA 17:15
c Mat 24:34; Rom 16:20; 2Ti 3:1; 2Pe 3:3
d Luk 10:18
e Gen 3:15; IsA 12:1
f Eks 19:4; Isay 40:31
g IsA 12:6
h Gen 3:1; 2Ko 11:3
i Gen 3:15
j Mat 24:9; IzE 1:8; IsA 1:9; IsA 6:9

**ISAHL. 13**
k IsA 11:7; IsA 13:18
l Isay 57:20; IsA 21:1

waso unjengomlomo webhube-
si. Udrako[a] wanika isilo amandla
aso nesihlalo saso sobukhosi ne-
gunya elikhulu.[b]

**3** Ngabona ukuthi elinye la-
makhanda aso kwakungathi li-
nenxeba elibulalayo, kodwa
inxeba laso elibulalayo lase li-
pholile,[c] wonke umhlaba wala-
ndela isilo sasendle uncoma.
**4** Abantu bakhulekela udra-
ko ngoba wanika isilo sase-
ndle igunya, futhi bakhuleke-
la isilo sasendle ngala mazwi:
"Ubani onjengesilo sasendle,
ubani ongalwa naso?" **5** Sani-
kwa umlomo okhuluma izinto
ezinkulu nenhlamba, sanikwa
negunya lokuphatha izinyanga
ezingu-42.[d] **6** Sahlambalaza[e]
uNkulunkulu, sahlambalaza iga-
ma lakhe nendawo ahlala kuyo,
ngisho nalabo abahlala ezulwi-
ni.[f] **7** Savunyelwa ukuba silwe
nabangcwele sibanqobe,[g] sani-
kwa igunya phezu kwazo zo-
nke izinhlanga nabantu nezilimi
nezizwe. **8** Bonke abahlala em-
hlabeni bayosikhulekela. Ake-
kho noyedwa kubo okwake kwa-
lotshwa igama lakhe emqulwi-
ni wokuphila[h] weWundlu elabu-
lawa,[i] kusukela ekusungulweni
kwezwe.

**9** Uma umuntu enendle-
be, makezwe.[j] **10** Uma umu-
ntu ehloselwe ukuthunjwa, uzo-
thunjwa. Uma umuntu eyobula-
la ngenkemba,* kumele abula-
we ngenkemba.[k] Yingakho aba-
ngcwele[l] bedinga ukukhuthaze-
la[m] nokholo.[n]

**11** Ngabona esinye isilo sa-
sendle siphuma emhlabeni, si-
nezimpondo ezimbili njengewu-
ndlu, kodwa saqala ukukhulu-
ma njengodrako.[o] **12** Sisebe-
nzisa lonke igunya lesilo sase-
ndle sokuqala[a] esiphambi kwa-
so. Senza ukuba umhlaba nala-
bo abahlala kuwo bakhulekele
isilo sasendle sokuqala, esinxe-
ba laso elibulalayo lalelashiwe.[b]
**13** Senza izibonakaliso ezinku-
lu phambi kwabantu, size se-
hlisele nomlilo emhlabeni uvela
ezulwini.

**14** Sidukisa abahlala em-
hlabeni, ngenxa yezibonakali-
so esavunyelwa ukuba sizenze
phambi kwesilo sasendle, kuyi-
lapho sitshela abahlala emhla-
beni ukuba basenzele isitho-
mbe[c] isilo sasendle esasithole
inxeba lenkemba nokho salula-
ma.[d] **15** Savunyelwa ukuba si-
nike isithombe sesilo sasendle
umoya,* ukuze lesi sithombe se-
silo sasendle sikhulume futhi si-
bangele ukuba kubulawe bonke
abangasoze basikhulekele isi-
thombe sesilo sasendle.

**16** Siphoqa bonke abantu
—abantukazana nezikhulu, aba-
cebile nabampofu, abakhulule-
kile nezigqila—ukuba babekwe
uphawu esandleni sabo soku-
dla noma esiphongweni* sabo,[e]
**17** nokuba kungabikho muntu
ozokwazi ukuthenga noma uku-
thengisa ngaphandle komuntu
onophawu, igama[f] lesilo sase-
ndle noma inombolo yegama
laso.[g] **18** Lapha yilapho ku-
dingeka khona ukuhlakanipha:
Ohlakaniphile makabale ino-
mbolo yesilo sasendle, ngoba
iyinombolo yomuntu, inombolo
yaso ngu-666.[h]

**14** Ngabona iWundlu*[i] limi
eNtabeni iZiyoni,[j] kumi
kanye nalo abangu-144 000[k] ku-
bhalwe igama lalo negama
likaYise[l] eziphongweni zabo.#

**ISAHL. 13**

a IsA 12:9
b Luk 4:6
c IsA 13:14
d IsA 11:2, 3
e Dan 7:25
f IsA 12:12
g IsA 12:17
h IsA 3:5; IsA 21:27
i Isay 53:7; Mat 27:50; IsA 5:6, 12
j Mat 11:15
k Mat 26:52
l Mat 24:13; Heb 10:36; Heb 12:3
m IsA 2:10
n Dan 7:18; 1Ko 6:2; IsA 20:6
o IsA 16:13; IsA 20:2

**Uhla 2**

a IsA 13:1
b IsA 13:3
c IsA 19:20; IsA 20:4
d IsA 13:3
e IsA 14:9, 10; IsA 16:2; IsA 19:20
f IsA 14:11
g IsA 15:2
h Dan 3:1

**ISAHL. 14**

i Joh 1:29; IsA 5:6; IsA 22:3
j Hu 2:6; Heb 12:22; 1Pe 2:6
k IsA 7:4
l IsA 3:12

**13:10** *Noma kungaba, "Uma umuntu ezobulawa ngenkemba."

**13:15** *Noma, "siphefumulele isithombe sesilo sasendle." **13:16** *Noma, "ebunzini." **14:1** *Noma, "iMvana." #Noma, "emabunzini abo."

**2** Ngezwa umsindo uvela ezu-
lwini unjengomsindo wama-
nzi amaningi nanjengomsindo
wokuduma okukhulu kwezulu;
umsindo engawuzwa wawunje-
ngowabahlabeleli futhi beshaya
amahabhu abo. **3** Bacula oku-
ngathi ingoma entsha[a] phambi
kwesihlalo sobukhosi napha-
mbi kwezidalwa ezine eziphila-
yo[b] nabadala,[c] futhi akekho
owakwazi ukuyazi kahle leyo
ngoma ngaphandle kwabangu-
144 000,[d] abathengwe emhla-
beni. **4** Laba yibo abangaza-
nge bazingcolise ngabesifaza-
ne; eqinisweni, banjengezinto-
mbi.[e] Laba yibo abaqhubeka be-
landela iWundlu kungakhathali-
seki ukuthi liyaphi.[f] Laba bathe-
ngwa[g] kubantu njengolibo[h] ku-
Nkulunkulu neWundlu, **5** fu-
thi akukho nkohliso etholaka-
la emilonyeni yabo; abana-
sici.[i]

**6** Ngabona enye ingelosi
indiza emkhathini, inezindaba
ezinhle zaphakade ukuba izi-
memezele kwababahlala emhlabe-
ni, kuzo zonke izizwe nezinhla-
nga nezilimi nabantu.[j] **7** Yayi-
thi ngezwi elikhulu: "Mesabe-
ni uNkulunkulu nimnike inkazi-
mulo, ngoba ihora lokwahlule-
la kwakhe selifikile,[k] ngakho
khulekelani Lowo owenza izulu
nomhlaba nolwandle[l] nemitho-
mbo* yamanzi."

**8** Nenye ingelosi, eyesibili,
yalandela, yathi: "Liwile! IBha-
bhiloni Elikhulu[m] liwile,[n] lona
elenza ukuba zonke izizwe zi-
phuze iwayini lenkanuko* yoku-
ziphatha kabi kwalo ngokoca-
nsi!"#[o]

**9** Nenye ingelosi, yesithathu,
yazilandela, ithi ngezwi elikhu-
lu: "Uma umuntu ekhulekela isi-
lo sasendle[a] nesithombe saso,
abekwe nophawu esiphongweni
sakhe* noma esandleni sakhe,[b]
**10** uyophuza newayini lentuku-
thelo kaNkulunkulu elithulule-
lwa endebeni yolaka lwaKhe[c] li-
ngahlanjululiwe, ahlushwe ngo-
mlilo nesibabule[d] phambi kwe-
zingelosi ezingcwele naphambi
kweWundlu. **11** Intuthu yoku-
hlushwa kwabo inyuka kuze
kube phakade naphakade,[e] fu-
thi abakutholi ukuphumula imi-
ni nobusuku, labo abakhulekela
isilo sasendle nesithombe saso,
nanoma ubani obekwa upha-
wu lwegama laso.[f] **12** Yinga-
kho abangcwele[g] bedinga uku-
khuthazela, labo abagcina imi-
yalo kaNkulunkulu nababambe-
lela ngokuqinile okholweni[h] lu-
kaJesu."

**13** Ngezwa izwi livela ezulwi-
ni lithi, "Bhala: Bayajabula aba-
file, abafa bemunye neNkosi[i] ku-
sukela kulesi sikhathi kuqhube-
ke. Yebo, kusho umoya, maba-
phumule ekuzikhandleni kwa-
bo, ngoba izinto abazenza ziha-
mba nabo."

**14** Ngabe sengibona ifu elim-
hlophe, phezu kwalo kuhle-
zi othile onjengendodana yomu-
ntu,[j] enomqhele wegolide ekha-
nda nesikela elibukhali esandle-
ni sakhe.

**15** Kwaqhamuka enye inge-
losi iphuma endlini engcwele
yethempeli, imemeza lowo ohle-
zi efwini ngezwi elikhulu, ithi:
"Faka isikela lakho uvune, ngo-
ba selifikile ihora lokuvuna,
ngoba isivuno somhlaba sesivu-
thwe ngokuphelele."[k] **16** Ohle-
zi phezu kwefu walifaka isikela
lakhe emhlabeni, umhlaba wa-
vunwa.

**ISAHL. 14**

*a* Hu 33:3; Hu 98:1; Hu 149:1; IsA 5:9
*b* IsA 4:6
*c* IsA 4:4; IsA 19:4
*d* IsA 7:4
*e* 2Ko 11:2; Jak 1:27; Jak 4:4
*f* 1Pe 2:21
*g* 1Ko 6:20; 1Ko 7:23; IsA 5:9
*h* Jak 1:18
*i* Efe 5:25-27; Jud 24
*j* Mat 24:14; Mar 13:10; IzE 1:8
*k* 2Pe 2:9
*l* Eks 20:11; Hu 146:6
*m* IsA 17:18
*n* Isay 21:9; IsA 18:21
*o* Jer 51:7, 8; IsA 17:1, 2; IsA 18:2, 3

**Uhla 2**

*a* IsA 13:1
*b* IsA 13:15, 16
*c* Hu 75:8; IsA 11:18; IsA 16:19
*d* IsA 21:8
*e* Mat 25:46; 2Th 1:9; IsA 19:3
*f* IsA 13:16-18; IsA 16:2; IsA 20:4
*g* IsA 13:10
*h* Heb 10:38
*i* 1Ko 15:51, 52; 1Th 4:16, 17
*j* Dan 7:13
*k* Mat 13:30

**14:7** *Noma, "neziphethu." **14:8** *Noma, "lentukuthelo." #NgesiGreki, i-*por·nei′a.* Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

**14:9** *Noma, "ebunzini."

**17** Kwaqhamuka nenye fu-
thi ingelosi iphuma endaweni
engcwele yethempeli ezulwini,
nayo iphethe isikela elibukhali.
**18** Kwaqhamuka nenye futhi
ingelosi iphuma e-altare, inegu-
nya phezu komlilo. Yameme-
za leyo eyayiphethe isikela eli-
bukhali ngezwi elikhulu, ya-
thi: "Faka isikela lakho elibu-
khali ubuthe amahlukuzo ama-
gilebhisi omhlaba, ngoba izithe-
lo zawo sezivuthiwe."[a] **19** Le
ngelosi yalifaka isikela layo em-
hlabeni yawabutha amagilebhi-
si omhlaba, yawaphonsa esikha-
mweni sewayini esikhulu sentu-
kuthelo kaNkulunkulu.[b] **20** Isi-
khamo sewayini sanyathelwa
ngaphandle kwedolobha, kwa-
phuma igazi esikhamweni sewa-
yini lakhuphuka laze lafika ema-
tomini amahhashi, ibanga eliyi-
zinkundla zemidlalo ezingu-
1 600.*

**15** Ngabona ezulwini esinye
isibonakaliso esikhulu fu-
thi esimangalisayo, izingelo-
si eziyisikhombisa[c] ziphethe izi-
nhlupho eziyisikhombisa. Lezi
zingezokugcina, ngoba intuku-
thelo kaNkulunkulu ipheleliswa
ngazo.[d]
**2** Ngabona okwakungathi
ulwandle lwengilazi[e] kuxubene
nomlilo, nalabo abasinqobayo[f]
isilo sasendle nesithombe saso[g]
nesibalo segama laso[h] bemi
ngasolwandle lwengilazi, be-
phethe amahabhu kaNkulunku-
lu. **3** Babecula ingoma kaMo-
se[i] inceku kaNkulunkulu nengo-
ma yeWundlu,[j] bethi:
"Mikhulu iyamangalisa imise-
benzi yakho,[k] Jehova* Nkulu-
nkulu, Mninimandla Onke.[l] Zi-
lungile futhi ziyiqiniso izi-
ndlela zakho,[a] Nkosi yaphaka-
de.[b] **4** Ubani ongeke ngempela
akwesabe, Jehova,* akhazimu-
lise igama lakho? Ngoba wena
wedwa uthembekile.[c] Zonke izi-
zwe ziyoza zikhuleke phambi
kwakho,[d] ngoba izinqumo za-
kho ezilungile zembuliwe."
**5** Ngemva kwalokhu, ngabo-
na indlu engcwele yetende lo-
bufakazi[e] ezulwini ivulekile,[f]
**6** izingelosi eziyisikhombisa ezi-
nezinhlupho eziyisikhombisa[g]
zaqhamuka ziphuma kule ndlu
engcwele, zigqoke ilineni elihla-
nzekile, elikhanyayo futhi ezi-
fubeni zibophe amabhande ego-
lide. **7** Esinye sezidalwa ezi-
ne eziphilayo sanika izingelo-
si eziyisikhombisa izitsha eziyi-
sikhombisa zegolide, ezazigcwe-
le intukuthelo kaNkulunkulu[h]
ophila kuze kube phakade na-
phakade. **8** Indlu engcwele ya-
gcwala intuthu ngenxa yenka-
zimulo kaNkulunkulu[i] nange-
nxa yamandla akhe, ake-
kho owakwazi ukungena endli-
ni engcwele kwaze kwaphela izi-
nhlupho eziyisikhombisa[j] zezi-
ngelosi eziyisikhombisa.

**16** Ngezwa izwi elikhulu li-
vela endlini engcwele[k] li-
thi ezingelosini eziyisikhombi-
sa: "Hambani niyothululela izi-
tsha eziyisikhombisa zentuku-
thelo kaNkulunkulu emhlabe-
ni."[l]
**2** Eyokuqala yahamba yathu-
lulela isitsha sayo emhlabeni.[m]
Isilonda esibuhlungu nesibula-
layo[n] sahlupha abantu ababeno-
phawu lwesilo sasendle[o] naba-
bekhulekela isithombe saso.[p]
**3** Eyesibili yathululela isitsha
sayo olwandle.[q] Lwaba yiga-
zi[r] elinjengelomuntu ofile, zonke
izidalwa eziphilayo zafa, yebo,
izinto ezisolwandle.[s]

**ISAHL. 14**
a Jow 3:13
b IsA 19:11, 15

**ISAHL. 15**
c IsA 16:1
d IsA 16:17
e 1Kh 7:23; IsA 4:6
f IsA 2:7
g IsA 13:15
h IsA 13:18
i Eks 15:1; Dut 31:30
j Joh 1:29
k Eks 15:11; Hu 111:2; Hu 139:14
l Eks 6:3

**Uhla 2**
a Dut 32:4; Hu 145:17
b Jer 10:10; 1Ti 1:17
c Jer 10:6, 7
d Hu 86:9; Mal 1:11
e IzE 7:44; Heb 8:1, 2; Heb 9:11
f IsA 11:19
g IsA 15:1
h Hu 75:8; Jer 25:15; IsA 14:9, 10
i Eks 40:34, 35; 1Kh 8:10, 11; Isay 6:4; Hez 44:4
j IsA 15:1

**ISAHL. 16**
k IsA 16:17
l Hu 69:24; Zef 3:8
m IsA 8:7
n Eks 9:10
o IsA 13:16, 18
p IsA 13:15; IsA 19:20
q IsA 8:8
r Eks 7:20
s Isay 57:20

**14:20** *Ibanga elingaba ngu-296 km. Inkundla yemidlalo yayingu-185 m. Bheka iSithasiselo B14. **15:3, 4** *Bheka iSithasiselo A5.

**4** Eyesithathu yathululela isitsha sayo emifuleni nasemithonjeni* yamanzi.[a] Yaba yigazi.[b] **5** Ngezwa ingelosi ephezu kwamanzi ithi: “Wena, okhona nowawukhona,[c] othembekile,[d] ulungile, ngoba ukhiphe lezi zahlulelo,[e] **6** ngenxa yokuthi bachitha igazi labangcwele nelabaprofethi,[f] ubanike igazi ukuba baliphuze;[g] kubafanele.”[h] **7** Ngezwa i-altare lithi: “Yebo, Jehova* Nkulunkulu, Mninimandla Onke,[i] ziyiqiniso futhi zilungile izahlulelo zakho.”#[j]

**8** Eyesine yathululela isitsha sayo elangeni,[k] ilanga lanikwa ukuba lihangule abantu ngomlilo. **9** Abantu bahangulwa ukushisa okukhulu, kodwa bahlambalaza igama likaNkulunkulu, onegunya phezu kwalezi zinhlupho, futhi abazange baphenduke bamkhazimulise.

**10** Eyesihlanu yathululela isitsha sayo esihlalweni sobukhosi sesilo sasendle. Umbuso waso waba mnyama,[l] baqala ukuziluma ulimi ngenxa yobuhlungu babo, **11** kodwa bahlambalaza uNkulunkulu wezulu ngenxa yezinhlungu nangenxa yezilonda zabo, futhi abazange baphenduke emisebenzini yabo.

**12** Eyesithupha yathululela isitsha sayo emfuleni omkhulu i-Ewufrathe,[m] amanzi awo asha[n] ukuze kulungiswe indlela yamakhosi[o] avela empumalanga.

**13** Ngabona namazwi amathathu aphefumulelwe angcolile* ayebukeka njengamaxoxo, ephuma emlonyeni kadrako[p] nasemlonyeni wesilo sasendle nasemlonyeni womprofethi wamanga. **14** Empeleni, lawa ngamazwi aphefumulelwe amademoni futhi enza izibonakaliso,[a] aphuma aqonde emakhosini omhlaba wonke owakhiwe, ukuze awabuthele ndawonye empini[b] yosuku olukhulu lukaNkulunkulu uMninimandla Onke.[c]

**15** “Bheka! Ngiyeza njengesela.[d] Uyajabula ohlala ephapheme[e] egqoke nezingubo zakhe zangaphandle, ukuze angahambi nqunu nabantu babone ihlazo lakhe.”[f]

**16** Awabuthela ndawonye endaweni ngesiHebheru ebizwa ngokuthi i-Armagedoni.*[g]

**17** Eyesikhombisa yathululela isitsha sayo emoyeni. Kwabe sekuphuma izwi elikhulu endlini engcwele[h] livela esihlalweni sobukhosi, lithi: “Sekwenzekile!” **18** Kwaba khona imibani namazwi nokuduma kwezulu, kwaba khona nokuzamazama okukhulu komhlaba okwakuhlanganisa indawo enkulu, okwakungakaze kube khona okunjengakho kusukela abantu baba khona emhlabeni.[i] **19** Idolobha elikhulu[j] laqhekeka laba izingxenye ezintathu, namadolobha abezizwe awa; noNkulunkulu walikhumbula iBhabhiloni Elikhulu,[k] ukuze alinike indebe yewayini yolaka lwakhe oluvuthayo.[l] **20** Zonke iziqhingi zabaleka, nezintaba azitholakalanga.[m] **21** Kwehla isichotho esikhulu sivela ezulwini sehlela phezu kwabantu,[n] itshe laso ngalinye linesisindo esicishe sibe ngangethalenta,* abantu bahlambalaza uNkulunkulu ngenxa yenhlupho yesichotho,[o] ngoba inhlupho yaso yayinkulu ngokungajwayelekile.

**ISAHL. 16**

*a* IsA 8:10
*b* Eks 7:20; Hu 78:44
*c* IsA 1:4
*d* Hu 145:17; IsA 15:4
*e* Dut 32:4; Hu 119:137
*f* Hu 79:3
*g* Isay 49:26
*h* IsA 18:20
*i* Eks 6:3
*j* Hu 19:9; Hu 119:137; IsA 19:1, 2
*k* IsA 8:12
*l* Eks 10:21; Isay 8:22
*m* IsA 9:13, 14
*n* Jer 50:38
*o* Isay 44:27, 28
*p* IsA 12:3

**Uhla 2**

*a* IsA 13:11, 13
*b* IsA 19:19
*c* Isay 13:6; Jer 25:33; Hez 30:3; Jow 1:15; Jow 2:1, 11; Zef 1:15; 2Pe 3:11, 12
*d* 1Th 5:2; 2Pe 3:10
*e* Luk 21:36
*f* IsA 3:18
*g* 2Kr 35:22; Zak 12:11; IsA 19:19
*h* IsA 16:1
*i* Hez 38:19; Dan 12:1; Heb 12:26
*j* IsA 17:18
*k* IsA 18:2
*l* Jer 25:15; IsA 15:7
*m* IsA 6:14
*n* Job 38:22, 23
*o* Eks 9:24

**16:4** *Noma, “naseziphethwini.” **16:7** *Bheka iSithasiselo A5. #Noma, “izinqumo zakho zokwahlulela.” **16:13** *NgesiGreki, “nemimoya engcolile.”

**16:16** *NgesiGreki, *Har Ma·ge·don′*, leli gama livela egameni lesiHebheru elisho “iNtaba YaseMegido.” **16:21** *Ithalenta lamaGreki lalingu-20,4 kg. Bheka iSithasiselo B14.

**17** Enye yezingelosi eziyisi-
khombisa ezazinezitsha
eziyisikhombisa[a] yeza yathi
kimi: “Woza, ngizokubonisa
ukwahlulelwa kwesifebe esikhu-
lu esihlala phezu kwamanzi ama-
ningi,[b] **2** leso amakhosi omhla-
ba aziphatha kabi naso ngoko-
cansi,*[c] kanti labo abahlala em-
hlabeni badakwa yiwayini loku-
ziphatha kabi kwaso ngokoca-
nsi.”#[d]

**3** Yangithwala ngamandla
omoya yangiyisa ehlane. Nga-
bona owesifazane ehlezi phe-
zu kwesilo sasendle esinomba-
la obomvu esasigcwele ama-
gama enhlamba, sinamakhanda
ayisikhombisa nezimpondo ezi-
yishumi. **4** Owesifazane waye-
gqoke okuphephuli[e] nokubo-
mvu, ehlobe ngegolide nanga-
matshe ayigugu nangamapha-
rele,[f] esandleni sakhe ephethe
indebe yegolide eyayigcwele izi-
nto ezinyanyekayo nezingcolile
zokuziphatha kabi kwakhe ngo-
kocansi.# **5** Esiphongweni sa-
khe* kwakubhalwe igama eliyi-
mfihlakalo: “IBhabhiloni Elikhu-
lu, unina wezifebe[g] nowamanya-
la omhlaba.”[h] **6** Ngabona uku-
thi owesifazane wayedakwe yi-
gazi labangcwele negazi lofaka-
zi bakaJesu.[i]

Lapho ngimbona ngamanga-
la kakhulu. **7** Ngakho ingelosi
yathi kimi: “Kungani umange-
le? Ngizokutshela imfihlakalo
yowesifazane[j] neyesilo sasendle
esimthwele esinamakhanda ayi-
sikhombisa nezimpondo eziyi-
shumi:[k] **8** Isilo sasendle osi-
bonile sasikhona, kodwa ma-
nje asisekho, nokho sesizonyu-
ka siphume kwalasha,[l] futhi si-
zobhujiswa. Abahlala emhlabe-
ni—labo amagama abo angabha-
lwanga encwadini yokuphila[a]
kusukela ekusungulweni kwe-
zwe—bayomangala lapho bebo-
na ukuthi isilo sasendle sasi-
khona, kodwa manje asisekho,
kodwa sisazoba khona.

**9** “Lapha yilapho kudinge-
ka khona ukuhlakanipha: Ama-
khanda ayisikhombisa[b] asho
izintaba eziyisikhombisa, la-
pho kuhlezi khona owesifaza-
ne. **10** Kukhona amakhosi ayi-
sikhombisa: Ayisihlanu asewi-
le, enye ikhona, enye ayika-
fiki; kodwa lapho ifika kumele
ihlale isikhashana. **11** Isilo sa-
sendle esasikhona kodwa esi-
ngasekho,[c] naso siyinkosi ka-8,
kodwa sivela kulawa ayisikho-
mbisa, futhi sizobhujiswa.

**12** “Izimpondo eziyishumi
ozibonile zisho amakhosi ayi-
shumi angakawamukeli umbu-
so, kodwa athola igunya njenga-
makhosi ihora elilodwa kanye
nesilo sasendle. **13** Lawa ano-
mqondo owodwa, ngakho anika
isilo sasendle amandla awo ne-
gunya lawo. **14** Lawa ayolwa
neWundlu,[d] kodwa ngenxa yo-
kuthi liyiNkosi yamakhosi no-
Mbusi wababusi,[e] iWundlu li-
yowanqoba.[f] Nalabo abakanye
nalo ababiziwe nabakhethiwe
nabathembekile nabo bayowa-
nqoba.”[g]

**15** Yathi kimi: “Amanzi owa-
bonile, lawo isifebe esihle-
zi kuwo, asho abantu nezi-
xuku nezizwe nezilimi.[h] **16** Izi-
mpondo eziyishumi[i] ozibonile
nesilo sasendle,[j] ziyosizonda isi-
febe[k] zisicekele phansi zisiha-
mbise nqunu, ziyoyidla ziyiqe-
de inyama yaso futhi zisishi-
se ngomlilo siphele.[l] **17** Ngoba
uNkulunkulu ukufake ezinhlizi-
yweni zawo* ukuba afeze umqo-

---

**17:2** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **17:2, 4** #NgesiGreki, *por·nei′a*. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. **17:5** *Noma, “Ebunzini lakhe.”

**17:17** *Okuwukuthi, amakhosi ayishumi.

---

ISAHL. 17
*a* IsA 16:1
*b* Jer 51:13, IsA 17:15, IsA 19:2
*c* Jak 4:4, IsA 18:9
*d* Jer 51:7, IsA 14:8, IsA 18:3
*e* Luk 16:19
*f* IsA 18:11, 12, IsA 18:19
*g* IsA 19:2
*h* IsA 18:5
*i* IsA 6:9, IsA 18:24, IsA 19:2
*j* IsA 17:5
*k* IsA 17:3
*l* IsA 20:1

Uhla 2
*a* Eks 32:32, Hu 69:28, Flp 4:3
*b* IsA 17:7
*c* IsA 17:8
*d* Joh 1:29, IsA 5:6
*e* Mat 28:18, IzE 2:36, 1Ti 6:15
*f* IsA 19:11, 15
*g* Rom 16:20
*h* Isay 57:20, Jer 51:13
*i* IsA 17:12
*j* IsA 17:8
*k* IsA 17:7
*l* Lev 21:9, IsA 18:8

ndo wakhe,[a] yebo, ukuba afe-
ze umqondo wawo owodwa ngo-
kunika isilo sasendle[b] umbuso
wawo, kuze kube yilapho ese-
fezekile amazwi kaNkulunku-
lu. **18** Owesifazane[c] ombonile
usho idolobha elikhulu elibusa
phezu kwamakhosi omhlaba."

**18** Ngemva kwalokhu ngabo-
na enye ingelosi yehla
ezulwini inegunya elikhulu, um-
hlaba wakhanyiswa yinkazimu-
lo yayo. **2** Yamemeza ngezwi
elinamandla, ithi: "Liwile! IBha-
bhiloni Elikhulu liwile,[d] seliyi-
ndawo yokuhlala yamademoni
nendawo yokuquba yawo wonke
umoya ongcolile* neyazo zonke
izinyoni ezingcolile nezinyanye-
kayo![e] **3** Ngoba ngenxa yewa-
yini lenkanuko* yokuziphatha
kabi kwalo ngokocansi,# izizwe
zonke ziye zaba izisulu,[f] nama-
khosi omhlaba aziphatha kabi
nalo ngokocansi,[g] nabahwebi△
bomhlaba baceba ngenxa yoku-
tamasa kwalo ngokweqile."

**4** Ngezwa nelinye izwi live-
la ezulwini lithi: "Phumani
kulo, bantu bami,[h] uma ningafu-
ni ukuhlanganyela nalo ezonwe-
ni zalo, futhi ningafuni ukuhlu-
shwa kanye nalo.[i] **5** Ngoba izo-
no zalo ziye zanqwabelana zaze
zafika ezulwini,[j] noNkulunkulu
wazikhumbula izenzo zalo zoku-
ngalungi.*[k] **6** Liphatheni nge-
ndlela elaphatha ngayo abanye,[l]
yebo, phindiselani kulo ngo-
kuphindwe kabili ngenxa yezi-
nto elazenza;[m] endebeni[n] elaxu-
ba kuyo, lixubeleni ngokuphi-
ndwe kabili.[o] **7** Ngezinga elazi-
khazimulisa futhi laphila nga-

---

**18:2** *Noma kungabа, "umoya ophe-fumulwayo; inkulumo ephefumulelwe." **18:3** *Noma, "lentukuthelo." #NgesiGreki, *por·nei′a.* Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. △Noma, "nabathengisi abahambahambayo." **18:5** *Noma, "zobugebengu."

ISAHL. 17
a Jos 11:19, 20; IzA 21:1
b IsA 17:12
c IsA 17:5

ISAHL. 18
d Isay 21:9; Jer 51:8; IsA 14:8
e Isay 13:21; Jer 50:39
f Jer 51:7
g IsA 17:1, 2
h Isay 48:20; Isay 52:11; Jer 50:8
i Jer 51:6, 45; 2Ko 6:17
j Jer 51:9
k IsA 16:19
l Jer 50:29; 2Th 1:6
m Hu 137:8; Jer 50:15
n Hu 75:8
o IsA 16:19

Uhla 2
a Isay 47:7-9
b Lev 21:9
c Jer 50:34
d Dan 4:30

lo ngokutamasa, linikeni ngale-
lo zinga ukuhlushwa nokulila.
Ngoba lilokhu lithi enhliziywe-
ni yalo: 'Ngihlezi njengendlovu-
kazi, angiyena umfelokazi, fu-
thi angisoze ngalila.'[a] **8** Yinga-
kho zizofika ngosuku olulodwa
izinhlupho zalo, ukufa nokulila
nendlala, futhi liyoshiswa ngo-
mlilo liphele,[b] ngoba uJehova*
uNkulunkulu, olahlulele, unama-
ndla.[c]

**9** "Amakhosi omhlaba azi-
phatha kabi nalo ngokocansi*
futhi aphila nalo ngokutamasa
ayokhala azishaye elusizi nga-
lo, lapho ebona intuthu yo-
kusha kwalo. **10** Ayomela kude
ngenxa yokwesaba ukuhlushwa
kwalo, athi: 'Kwaze kwakubi,
kwaze kwakubi, dolobha elikhu-
lu,[d] Bhabhiloni, wena dolobha
elinamandla, ngoba ukwahlule-
lwa kwakho kufike ngehora eli-
lodwa!'

**11** "Abahwebi bomhlaba ba-
yalikhalela futhi bayalililela,
ngoba akusekho muntu oyo-
phinde athenge impahla yabo,
**12** impahla yegolide, isiliva,
amatshe ayigugu, amaphare-
le, ilineni elisezingeni eliphezu-
lu, indwangu ephephuli, usilika
nendwangu ebomvu; nayo yonke
into eyenziwe ngokhuni olune-
phunga elimnandi; nazo zonke
izinhlobo zezinto ezenziwe nge-
zinyo lendlovu, nangokhuni olu-
yigugu, nangethusi, nangensi-
mbi, nangemabula; **13** kanye
nesinamoni, isinongo saseNdiya,
impepho, amafutha anamakha,
inhlaka yempepho, iwayini, ama-
futha omnqumo, ufulawa osezi-
ngeni eliphezulu, ukolweni, izi-
nkomo, izimvu, amahhashi, izi-
nqola, izigqila nabanye abantu.
**14** Yebo, izithelo ezinhle owa-
wuzifisa awusenazo, nazo zonke

---

**18:8** *Bheka iSithasiselo A5. **18:9** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

izibiliboco nezinto eziwubukha-
zikhazi zishabalale zakuphelela,
ngeke ziphinde zitholakale.

**15** "Abahwebi ababedayisa
lezi zinto, abaceba ngalo, bayo-
mela kude ngenxa yokwesaba
ukuhlushwa kwalo futhi bayo-
khala balile, **16** bathi: 'Kwaze
kwakubi, kwaze kwakubi, dolo-
bha elikhulu, eligqoke ilineni eli-
sezingeni eliphezulu nokuphe-
phuli nokubomvu, elihlotshiswe
ngemihlobiso yegolide nanga-
matshe ayigugu nangamaphare-
le,[a] **17** ngoba ingcebo enkulu
kangaka iye yacekelwa phansi
ngehora elilodwa!'

"Bonke okaputeni bemikhu-
mbi nabo bonke abantu aba-
hamba olwandle, namatilosi
nabo bonke abaziphilisa ngo-
lwandle, bamela kude **18** ba-
memeza njengoba bebuka intu-
thu yokusha kwalo bathi: 'Yili-
phi idolobha elinjengaleli do-
lobha elikhulu?' **19** Bazithe-
la ngothuli emakhanda abo ba-
memeza, bekhala futhi beli-
la, bathi: 'Kwaze kwakubi, kwa-
ze kwakubi, idolobha elikhu-
lu, lelo bonke abanemikhumbi
olwandle abaceba ngenxa yoku-
notha kwalo, ngoba liye laceke-
lwa phansi ngehora elilodwa!'[b]

**20** "Thokoza ngalo, wena
zulu,[c] nani bangcwele[d] nani ba-
phostoli nani baprofethi, ngoba
uNkulunkulu uye wakhipha isa-
hlulelo salo ngenxa yenu!"[e]

**21** Ingelosi enamandla yaqu-
kula itshe elinjengetshe loku-
gaya elikhulu yaliphonsa olwa-
ndle, yathi: "Lena yindlela iBha-
bhiloni, idolobha elikhulu eliyo-
phonswa ngayo phansi ngoku-
shesha futhi ngeke liphinde li-
tholakale.[f] **22** Umsindo waba-
hlabeleli abashaya ihabhu, owa-
baculi, owabashaya imitshingo
nowabashayi becilongo ngeke
uphinde uzwakale kuwe. Aku-
kho ngcweti eyenza noma yimu-
phi umsebenzi eyophinde itho-
lakale kuwe, futhi akukho msi-
ndo wetshe lokugaya oyophi-
nde uzwakale kuwe. **23** Aku-
kho kukhanya kwesibani oku-
yophinde kukhanye kuwe, futhi
akukho zwi lomkhwenyana ne-
likamakoti eliyophinde lizwaka-
le kuwe; ngoba abahwebi ba-
kho babengamadoda omhlaba
asezikhundleni eziphezulu, ne-
zizwe zonke zadukiswa ukuse-
benzelana kwakho nemimoya.[a]
**24** Yebo, kwatholakala kulo iga-
zi labaprofethi nelabangcwele[b]
nelabo bonke abaye babulawa
emhlabeni."[c]

**19** Ngemva kwalokhu, nge-
zwa okungathi izwi eli-
khulu lesixuku esikhulu ezu-
lwini. Sathi: "Dumisani uJah!*[d]
Insindiso nenkazimulo nama-
ndla kungokukaNkulunkulu we-
thu, **2** ngoba izahlulelo zakhe
ziyiqiniso futhi zilungile.[e] Ngo-
ba usikhiphile isahlulelo phezu
kwesifebe esikhulu esonakali-
sa umhlaba ngokuziphatha kabi
kwaso ngokocansi,* waliphindi-
selela negazi lezinceku zakhe
elisezandleni zaso."#[f] **3** Ngaso
leso sikhathi saphinda okwe-
sibili sathi: "Dumisani uJah!*[g]
Intuthu ephuma kuso isifebe
inyuka kuze kube phakade na-
phakade."[h]

**4** Abadala abangu-24[i] nezida-
lwa ezine eziphilayo[j] bawa
phansi bakhulekela uNkulunku-
lu ohlezi esihlalweni sobu-
khosi, bathi: "Amen! Dumisani
uJah!"*[k]

**5** Kwaphuma izwi esihlalwe-
ni sobukhosi lathi: "Dumisani
uNkulunkulu wethu, nonke nina

ISAHL. 18
*a* IsA 17:4
*b* Isay 47:11
*c* Jer 51:48
*d* IsA 14:12
*e* Dut 32:43; Rom 12:19; IsA 6:9, 10; IsA 19:1, 2
*f* Jer 51:63, 64

Uhla 2
*a* Isay 47:9; Gal 5:19, 20
*b* IsA 6:9, 10; IsA 16:5, 6
*c* Gen 9:6; Jer 51:49

ISAHL. 19
*d* Hu 150:6
*e* Dut 32:4; Hu 19:9; IsA 15:3
*f* Dut 32:43; 2Kh 9:7; Hu 79:10; IsA 18:20, 24
*g* Hu 117:1
*h* Isay 34:10
*i* IsA 4:4
*j* IsA 4:6
*k* Hu 106:48

**19:1, 3, 4** *Noma, "Haleluya!" Elithi "Jah" liyisifushaniso segama elithi Jehova. **19:2** *NgesiGreki, i-*por·nei′a.* Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama. #NgesiGreki, "esandleni saso."

zinceku zakhe,[a] ezimesabayo,
abantukazana nezikhulu.”[b]

**6** Ngezwa futhi okwakunje-
ngokungathi izwi lesixuku esi-
khulu, kunjengomsindo wama-
nzi amaningi nanjengomsindo
wokuduma okukhulu kwezulu.
Sithi: “Dumisani uJah,*[c] ngoba
uJehova# uNkulunkulu wethu,
uMninimandla Onke,[d] useqalile
ukubusa njengenkosi![e] **7** Ma-
sijabule sichichime injabulo, fu-
thi simnike inkazimulo, ngo-
ba umshado weWundlu ufikile
nomkalo uzilungisile. **8** Yebo,
unikwe ukuba agqoke ilineni eli-
khanyayo, elihlanzekile, nelise-
zingeni eliphezulu—ngoba iline-
ni elisezingeni eliphezulu lime-
lela izenzo ezilungile zaba-
ngcwele.”[f]

**9** Yathi kimi, “Bhala: Ba-
yajabula abamenyelwe esidlwe-
ni sakusihlwa somshado we-
Wundlu.”[g] Yaphinde yathi kimi:
“Lawa ngamazwi eqiniso ka-
Nkulunkulu.” **10** Ngawa phansi
phambi kwezinyawo zayo uku-
ze ngiyikhulekele. Kodwa yathi
kimi: “Qaphela! Ungakwenzi lo-
kho![h] Ngimane nje ngiyinceku
kanye nawe nabafowenu abano-
msebenzi wokufakaza ngoJesu.[i]
Khulekela uNkulunkulu![j] Ngoba
ukufakaza ngoJesu yikho oku-
phefumulela isiprofetho.”[k]

**11** Ngabona izulu livuleki-
le, kwaphuma ihhashi elimhlo-
phe.[l] Oligibele ubizwa ngokuthi
oThembekile[m] noQinisile,[n] wa-
hlulela futhi alwe ngokulunga.[o]
**12** Amehlo akhe ayilangabi lo-
mlilo[p] nasekhanda lakhe kukho-
na imiqhele eminingi.* Unega-
ma elibhaliwe elingaziwa muntu
ngaphandle kwakhe, **13** ugqo-
ke ingubo yangaphandle echa-
phazelwe yigazi,* igama abizwa
ngalo nguLizwi[a] KaNkulunkulu.
**14** Amabutho asezulwini aye-
mlandela egibele amahhashi
amhlophe, egqoke ilineni elim-
hlophe, elihlanzekile, elisezi-
ngeni eliphezulu. **15** Emlonye-
ni wakhe kuphuma inkemba
ende ebukhali,[b] ukuze ashaye
ngayo izizwe, futhi uyozelusa
ngenduku yensimbi.[c] Ngaphe-
zu kwalokho, unyathela isikha-
mo sewayini solaka oluvutha-
yo lukaNkulunkulu uMninima-
ndla Onke.[d] **16** Engutsheni ya-
khe yangaphandle, yebo, etha-
ngeni lakhe, unegama elibhali-
we, iNkosi yamakhosi noMbusi
wababusi.[e]

**17** Ngabona futhi ingelosi
imi elangeni, yamemeza nge-
zwi elikhulu yathi kuzo zo-
nke izinyoni ezindiza emkha-
thini: “Wozani lapha, buthana-
ni ndawonye esidlweni sakusi-
hlwa esikhulu sikaNkulunkulu,[f]
**18** ukuze nidle inyama yama-
khosi nenyama yezinduna za-
mabutho nenyama yamadoda
anamandla[g] nenyama yamahha-
shi neyalabo abawagibele[h] ne-
nyama yabo bonke, eyabakhulu-
lekile neyezigqila, eyabantuka-
zana neyezikhulu.”

**19** Ngaphinde ngabona ku-
buthene ndawonye isilo sase-
ndle namakhosi omhlaba na-
mabutho awo ngenjongo yo-
kulwa nalowo ohlezi ehhashini
nebutho lakhe.[i] **20** Isilo sase-
ndle sabanjwa, sabanjwa nom-
profethi wamanga[j] owenza izi-
bonakaliso phambi kwaso, lezo
adukisa ngazo labo abamuke-
la uphawu lwesilo sasendle[k]
nalabo abakhulekela isitho-
mbe saso.[l] Baphonswa boba-
bili besaphila echibini lomlilo

---

**19:6** *Noma, “Haleluya!” Elithi “Jah” liyisifushaniso segama elithi Jehova. #Bheka iSithasiselo A5. **19:12** *Noma, “eminingi yasebukhosini.”

**19:13** *Noma kungaba, “efafazwe ngegazi.”

---

ISAHL. 19

a Hu 134:1; Hu 135:1
b Hu 115:13
c Hu 113:1
d Eks 6:3
e Hu 97:1; Isay 52:7; IsA 11:15
f Isay 61:10; Efe 5:25-27; IsA 14:4
g Mat 22:2; Mat 25:10
h IzE 10:25, 26; IsA 22:8, 9
i Mat 28:19, 20; IzE 1:8
j Mat 4:10; Joh 4:23
k Luk 24:27; IzE 10:43; 1Pe 1:10, 11
l IsA 6:2
m IsA 1:5
n Joh 1:14; IsA 3:14
o Isay 11:4, 5; Heb 1:8, 9
p IsA 1:13, 14

Uhla 2

a Joh 1:1
b 2Th 2:8; IsA 1:13, 16
c Hu 2:9; IsA 2:26, 27
d Jow 3:13; IsA 14:19, 20
e Mat 28:18; Flp 2:9-11; 1Ti 6:15; IsA 17:14
f Hez 39:4, 17
g Hez 39:18
h Hez 39:20
i IsA 16:14, 16
j IsA 16:13
k IsA 13:16, 17
l IsA 13:15

ovutha isibabule.[a] **21** Kodwa
bonke abanye babulawa nge-
nkemba ende eyaphuma emlo-
nyeni walowo ogibele ihhashi.[b]
Zonke izinyoni zasutha inyama
yabo.[c]

**20** Ngase ngibona ingelosi
yehla ivela ezulwini iphe-
the isihluthulelo sakwalasha[d]
neketanga elikhulu. **2** Yamba-
mba udrako,[e] inyoka yokuqa-
la,[f] onguDeveli[g] noSathane,[h] ya-
mbopha iminyaka engu-1 000.
**3** Yamjikijela kwalasha,[i] ya-
mvalela, yabeka uphawu, uku-
ze angazidukisi izizwe ize iphe-
le iminyaka engu-1 000. Ngemva
kwalokhu kumele akhululwe isi-
khashana.[j]

**4** Ngabona nezihlalo zobu-
khosi, labo ababehlezi kuzo
banikwa igunya lokwahlule-
la. Yebo, ngabona imiphefu-
mulo* yalabo ababulawa# nge-
nxa yokufakaza ngoJesu na-
ngenxa yokukhuluma ngoNku-
lunkulu, neyalabo ababengaza-
nge basikhulekele isilo sase-
ndle noma isithombe saso futhi
ababengalwamukelanga upha-
wu esiphongweni sabo△ nasesa-
ndleni sabo.[k] Baphila futhi ba-
busa njengamakhosi kanye no-
Kristu[l] iminyaka engu-1 000.
**5** (Bonke abanye abafile[m] aba-
zange baphile yaze yaphela imi-
nyaka engu-1 000.) Lolu wuvu-
ko lokuqala.[n] **6** Uyajabula fu-
thi ungcwele noma ubani onesa-
belo ovukweni lokuqala;[o] ukufa
kwesibili[p] akunalo igunya phe-
zu kwabo,[q] kodwa bayoba nga-
bapristi[r] bakaNkulunkulu naba-
kaKristu, babuse njengamakho-
si kanye naye iminyaka engu-
1 000.[s]

**7** Ngokushesha nje lapho
isiphelile le minyaka engu-
1 000, uSathane uyokhululwa
aphume ejele lakhe, **8** aphu-
mele ukudukisa izizwe ezise-
magumbini womane omhlaba,
uGogi noMagogi, ukuze azibu-
thele ndawonye empini. Isibalo
sazo singangesihlabathi solwa-
ndle. **9** Zasakazekela emhla-
beni wonke zazungeza ikamu
labangcwele nedolobha elitha-
ndekayo. Kodwa kwehla umlilo
uvela ezulwini wazishisa wazi-
qeda.[a] **10** UDeveli owayezidu-
kisa waphonswa echibini lomli-
lo nesibabule, lapho kwase ku-
khona khona isilo sasendle[b]
nomprofethi wamanga;[c] bayo-
hlushwa* imini nobusuku kuze
kube phakade naphakade.

**11** Ngabona isihlalo sobu-
khosi esikhulu esimhlophe na-
Lowo owayehlezi kuso.[d] Um-
hlaba nezulu kwabaleka pha-
mbi kwakhe,[e] indawo yako ayi-
bange isatholakala. **12** Ngabo-
na abafile, izikhulu nabantuka-
zana, bemi phambi kwesihlalo
sobukhosi, futhi imiqulu yavu-
lwa. Kodwa kwavulwa nomunye
umqulu; umqulu wokuphila.[f]
Abafile bahlulelwa ngokwalezo
zinto ezazibhalwe emiqulwini
ngokwezenzo zabo.[g] **13** Ulwa-
ndle lwakhipha abafile ababe-
kulo, nokufa neThuna* kwa-
khipha abafile ababekukho, ba-
hlulelwa ngamunye ngokweze-
nzo zabo.[h] **14** Ukufa neThu-
na* kwaphonswa echibini lomli-
lo.[i] Lokhu kusho ukufa kwesibi-
li,[j] ichibi lomlilo.[k] **15** Ngaphe-
zu kwalokho, noma ubani onga-
tholakalanga ebhaliwe encwadi-
ni yokuphila[l] waphonswa echi-
bini lomlilo.[m]

---

**20:4** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama nombhw. wesA 6:9. #NgesiGreki, "ababulawa ngembazo." △Noma, "ebunzini labo."

**20:10** *Noma, "bayoboshwa." **20:13, 14** *Noma, "neHayidesi," okuwukuthi, ithuna elivamile lesintu. Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama.

---

**ISAHL. 19**
a Mat 10:28; 2Pe 2:6; Jud 7; IsA 20:14
b IsA 2:16; IsA 6:2
c Hez 39:4

**ISAHL. 20**
d IsA 9:1
e IsA 12:3
f Gen 3:1
g Joh 8:44
h Zak 3:1; IsA 12:9
i IsA 9:11
j IsA 20:7
k IsA 13:15-17
l Mat 19:28; Luk 22:28-30; 2Ti 2:12; IsA 1:6
m IzE 24:15
n 1Ko 15:23, 52; Flp 3:10, 11; 1Th 4:16
o IsA 14:13
p IsA 2:11; IsA 20:14
q 1Ko 15:54
r 1Pe 2:9
s IsA 1:6; IsA 5:9, 10

**Uhla 2**
a 2Kh 1:10
b IsA 13:1
c IsA 19:20
d IsA 4:2, 3
e 2Pe 3:7
f Eks 32:33; Hu 69:28; Dan 12:1
g Joh 5:28, 29
h IzE 10:42
i Isay 25:8; 1Ko 15:26
j IsA 2:11; IsA 20:6
k Mat 5:22; Mat 18:9; IsA 21:8
l IsA 17:8
m IzA 10:7

**21** Ngabona izulu elisha
nomhlaba omusha;[a] ngo-
ba izulu langaphambili nomhla-
ba wangaphambili kwase ku-
dlulile,[b] nolwandle[c] lungase-
kho. **2** Ngabona nedolobha eli-
ngcwele, iJerusalema Elisha, le-
hla livela ezulwini kuNkulunku-
lu[d] futhi lilungiswe njengoma-
koti ehlobele umyeni wakhe.[e]
**3** Ngemva kwalokho ngezwa
izwi elikhulu livela esihlalwe-
ni sobukhosi lithi: "Bheka! Ite-
nde likaNkulunkulu limi phaka-
thi kwabantu, uyohlala nabo,
babe ngabantu bakhe. UNkulu-
nkulu ngokwakhe uyoba nabo.[f]
**4** Uyosula zonke izinyembezi
emehlweni abo,[g] ukufa ngeke
kusaba khona,[h] noma ukulila
noma ukukhala noma ubuhlu-
ngu ngeke kusaba khona.[i] Izinto
zakudala sezidlulile."

**5** Lowo ohlezi esihlalweni
sobukhosi[j] wathi: "Bheka! Nge-
nza konke kube kusha."[k] Wathi
futhi: "Bhala, ngoba la mazwi
athembekile ayiqiniso." **6** Wa-
thi futhi kimi: "Sekwenzekile!
Ngingu-Alfa no-Omega,* isiqalo
nesiphetho.[l] Noma ubani owo-
mile ngiyomphuzisa emthonje-
ni# wamanzi okuphila mahha-
la.△[m] **7** Onqobayo uyozuza lezi
zinto, futhi ngiyoba nguNkulu-
nkulu wakhe yena abe yindo-
dana yami. **8** Kodwa amagwa-
la nabangenalo ukholo[n] naba-
nyanyekayo ngenxa yokungcola
kwabo nababulali,[o] nabazipha-
tha kabi ngokocansi,*[p] nabase-
benzelana nemimoya, nabakho-
nza izithombe, nabo bonke aba-
qambimanga,[q] isabelo sabo si-
yoba sechibini elivutha umlilo
nesibabule.[a] Lokhu kusho uku-
fa kwesibili."[b]

**9** Kwabe sekuza enye yezi-
ngelosi eziyisikhombisa ezazi-
nezitsha eziyisikhombisa ezazi-
gcwele izinhlupho eziyisikho-
mbisa zokugcina,[c] yathi kimi:
"Woza, ngizokubonisa umakoti,
umkaWundlu."*[d] **10** Ngakho ya-
ngithwala ngamandla omoya ya-
ngiyisa entabeni enkulu ne-
phakeme, yangibonisa idolo-
bha elingcwele, iJerusalema, le-
hla livela ezulwini kuNkulu-
nkulu,[e] **11** linenkazimulo ka-
Nkulunkulu.[f] Ukubenyezela kwa-
lo kwakunjengokwetshe eliyigu-
gu kakhulu, njengetshe leja-
spi elicwebezela njengekristalu.[g]
**12** Lalinodonga olukhulu nolu-
phakeme, linamasango angu-
12, emasangweni kukhona izi-
ngelosi ezingu-12, kulawo masa-
ngo kuqoshwe amagama ezi-
zwe ezingu-12 zabantwana ba-
kwa-Israyeli. **13** Empumalanga
kwakukhona amasango amatha-
thu, enyakatho kukhona amasa-
ngo amathathu, eningizimu ama-
sango amathathu nasentshona-
langa amasango amathathu.[h]
**14** Udonga lwedolobha lwaluna-
matshe esisekelo angu-12, kuwo
kukhona amagama angu-12 aba-
phostoli abangu-12[i] beWundlu.

**15** Leyo ngelosi eyayikhulu-
ma nami yayiphethe umhlanga
wegolide wokukala, ukuze ikale
idolobha namasango alo nodo-
nga lwalo.[j] **16** Idolobha liyisi-
kwele, ubude balo bukhulu nje-
ngobubanzi balo. Yalikala idolo-
bha ngomhlanga, izinkundla ze-
midlalo ezingu-12 000;* ubude
balo nobubanzi nokuphakama
kwalo kuyalingana. **17** Yakala

---

**21:6** *Noma, "Ngingu-A no-Z." U-Alfa uhlamvu lokuqala, u-Omega uhlamvu lokugcina ezinhlamvwini zesiGreki. #Noma, "esiphethwini." △Noma, "ngaphandle kwenkokhiso." **21:8** *Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama, "Ukuziphatha kabi ngokocansi."

**21:9** *Noma, "umkaMvana." **21:16** *Kungaba ngu-2 220 km. Inkundla yemidlalo yayingu-185 m. Bheka iSithasiselo B14.

ISAHL. 21
a Isay 65:17, Isay 66:22, 2Pe 3:13
b 2Pe 3:10, IsA 20:11
c Isay 57:20
d IsA 3:12
e IsA 19:7
f Hez 37:27
g IsA 7:17
h Isay 25:8, 1Ko 15:26
i Isay 35:10, Isay 65:19
j IsA 4:2, 3
k 2Pe 3:13
l IsA 1:8, IsA 22:13
m Hu 36:9, Isay 55:1, IsA 7:17, IsA 22:1
n 1Jo 5:10
o 1Jo 3:15
p Efe 5:5
q Joh 8:44

Uhla 2
a IsA 19:20
b IzA 10:7, Heb 10:26, 27, IsA 2:11, IsA 20:6
c IsA 15:1
d IsA 19:7
e Heb 12:22, IsA 3:12, IsA 21:2
f Isay 60:1, 2
g Eks 24:9, 10
h IsA 22:14
i Mat 10:2-4, Luk 6:13-16, IzE 1:13
j Hez 40:3, 5

nodonga lwalo, amamitha anga-
ba ngu-64, ngokwesikali so-
muntu, ngesikhathi esifanayo
okuyisikali sengelosi. **18** Udo-
nga lwalwakhiwe ngejaspi,[a] fu-
thi idolobha laliyigolide elihla-
nzeke njengengilazi ekhanyayo.
**19** Izisekelo zodonga lwedolo-
bha zazihlotshiswe ngazo zo-
nke izinhlobo zamatshe ayigu-
gu: isisekelo sokuqala sasiyija-
spi, esesibili siyisafire, esesitha-
thu siyikhalkedoni, esesine siyi-
emeraldi, **20** esesihlanu siyi-
saridonikisi, esesithupha siyisa-
rdiyu, esesikhombisa siyikriso-
lithe, esika-8 siyibherile, esika-9
siyitopazi, eseshumi siyikriso-
prasi, esika-11 siyihiyakinte, esi-
ka-12 siyi-amethiste. **21** Ama-
sango angu-12 ayengamaphare-
le angu-12; ngalinye lamasango
lalenziwe ngepharele elilodwa.
Umgwaqo omkhulu wedolobha
wawuyigolide elihlanzekile, nje-
ngengilazi ekhanya ngale.

**22** Angilibonanga ithempeli
kulo, ngoba uJehova* uNkulu-
nkulu uMninimandla Onke[b] uyi-
thempeli lalo, neWundlu nalo li-
yithempeli. **23** Leli dolobha ali-
lidingi ilanga noma inyanga uku-
ba kulikhanyise, ngoba inkazi-
mulo kaNkulunkulu yayilikha-
nyisile,[c] futhi isibani salo siyi-
Wundlu.[d] **24** Izizwe ziyohamba
ngokukhanya kwalo[e] namakho-
si omhlaba ayoletha inkazimu-
lo yawo kulo. **25** Amasango alo
ngeke avalwe, ngoba kuyoba ne-
mini kuphela, ngeke bube kho-
na ubusuku khona.[f] **26** Ama-
khosi ayoletha inkazimulo nodu-
mo lwezizwe kulo.[g] **27** Kodwa
noma yini engcolile nanoma uba-
ni owenza amanyala nokhohlisa-
yo ngeke alokothe angene kulo;[h]
kuyongena kuphela labo ababha-
lwe emqulwini wokuphila weWu-
ndlu.[i]

**22** Yangibonisa umfula wa-
manzi okuphila,[a] ucwe-
be njengekristalu, ugeleza uvela
esihlalweni sobukhosi sikaNku-
lunkulu neseWundlu*[b] **2** we-
hla maphakathi nomgwaqo om-
khulu wedolobha. Nganeno ko-
mfula nangapheseya kwaku-
khona izihlahla zokuphila zi-
thela izithelo ezingu-12, zithela
izithelo zazo inyanga ngayinye.
Amaqabunga alezi zihlahla aye-
ngawokwelapha izizwe.[c]

**3** Ngeke kusaba khona noma
yisiphi isiqalekiso. Kodwa isi-
hlalo sobukhosi sikaNkulunku-
lu neseWundlu[d] siyoba sedolo-
bheni, futhi izinceku zakhe zi-
yonikela kuye inkonzo engcwe-
le; **4** ziyobubona ubuso ba-
khe[e] negama lakhe liyoba se-
ziphongweni zazo.*[f] **5** Ubusu-
ku ngeke busaba khona,[g] azi-
kudingi nokukhanya kwesibani
noma kwelanga, ngoba uJeho-
va* uNkulunkulu uyozikhanyi-
sela,[h] ziyobusa njengamakhosi
kuze kube phakade naphakade.[i]

**6** Yathi kimi: "La mazwi athe-
mbekile futhi ayiqiniso;[j] yebo,
uJehova* uNkulunkulu owaphe-
fumulela abaprofethi,[k] uthume
ingelosi yakhe ukuba ibonise izi-
nceku zakhe izinto okumele ze-
nzeke ngokushesha. **7** Bheka!
Ngiyeza masinyane.[l] Uyajabula
umuntu ogcina amazwi esiprofe-
tho salo mqulu."[m]

**8** Nokho mina Johane, yimi
engangizwa futhi ngibona lezi
zinto. Lapho sengizizwile fu-
thi sengizibonile, ngawa phansi
ezinyaweni zengelosi eyayingi-
bonisa lezi zinto ukuba ngikhu-
leke. **9** Kodwa yathi kimi: "Qa-
phela! Ungakwenzi lokho! Ngi-
mane nje ngiyinceku kanye
nawe nabafowenu abaprofethi

**ISAHL. 21**
*a* IsA 4:3; IsA 21:10, 11
*b* Eks 6:3
*c* Isay 60:19, 20; IsA 22:5
*d* Joh 1:9; IzE 26:13, 15; Heb 1:3
*e* Isay 60:3
*f* Isay 60:11, 20
*g* Isay 60:5
*h* Hu 5:6; Isay 52:1; 1Ko 6:9, 10; Gal 5:19-21; IsA 21:8
*i* Dan 12:1; Flp 4:3; IsA 13:8

**Uhla 2**

**ISAHL. 22**
*a* Hez 47:1
*b* Joh 1:29
*c* Hez 47:12
*d* IsA 3:21
*e* Mat 5:8
*f* IsA 14:1
*g* IsA 21:25
*h* Isay 60:19, 20; 1Jo 1:5
*i* Dan 7:18; IsA 3:21
*j* Tit 1:2
*k* 2Ti 3:16
*l* IsA 16:15; IsA 22:20
*m* Joh 13:17; IsA 1:3

**21:22; 22:5, 6** *Bheka iSithasiselo A5.

**22:1** *Noma, "neseMvana." **22:4** *Noma, "semabunzini azo."

nalabo abagcina amazwi alo
mqulu. Khulekela uNkulunku-
lu."[a]

**10** Yathi futhi kimi: "Unga-
wavali ngophawu amazwi esi-
profetho salo mqulu, ngoba
isikhathi esibekiwe siseduze.
**11** Ongalungile makaqhubeke
enza ukungalungi; ongcolile
makaqhubeke nokungcola kwa-
khe; kodwa olungile makaqhu-
beke enza ukulunga, ongcwele
makaqhubeke ebungcweleni ba-
khe.

**12** "'Bheka! Ngiyeza masi-
nyane, ngiphethe umvuzo engi-
wunikezayo, ukuze nginikeze
ngamunye ngokomsebenzi wa-
khe.[b] **13** Ngingu-Alfa no-Ome-
ga,*[c] owokuqala nowokugcina,
isiqalo nesiphetho. **14** Bayaja-
bula abawasha izingubo zabo,[d]
ukuze babe negunya lokuya ezi-
hlahleni zokuphila[e] bangene na-
sedolobheni ngamasango alo.[f]
**15** Ngaphandle kukhona izinja*
nalabo abasebenzelana nemi-
moya nabaziphatha kabi ngoko-
cansi# nababulali nabakhonza
izithombe nawo wonke umuntu
othanda ukukhohlisa nokuqa-
mba amanga.'[a]

**16** "'Mina, Jesu, ngathuma
ingelosi yami ukuba ifakaze
kini ngalezi zinto ukuze kuzu-
ze amabandla. Ngiyimpande ne-
nzalo kaDavide,[b] nenkanyezi yo-
kusa ekhanyayo.'"[c]

**17** Umoya nomakoti[d] bathi,
"Woza!" noma ubani ozwayo
makathi, "Woza!" noma ubani
owomile makeze;[e] nanoma uba-
ni othandayo makathathe ama-
nzi okuphila mahhala.[f]

**18** "Ngifakaza kuwo wonke
umuntu ozwa amazwi esiprofe-
tho salo mqulu: Uma umu-
ntu enezela kulezi zinto,[g] uNku-
lunkulu uyonezela kuye izinhlu-
pho ezibhalwe kulo mqulu;[h]
**19** uma umuntu esusa noma
yini emazwini omqulu walesi si-
profetho, uNkulunkulu uyosusa
isabelo sakhe ezihlahleni zoku-
phila[i] nasedolobheni elingcwe-
le,[j] okukhulunywa ngakho kulo
mqulu.

**20** "Lowo ofakaza ngalezi zi-
nto uthi, 'Yebo, ngiyeza masi-
nyane.'"[k]

"Amen! Woza, Nkosi Jesu."

**21** Kwangathi umusa omkhu-
lu weNkosi uJesu ungaba naba-
ngcwele.

**ISAHL. 22**

*a* Mat 4:10; IzE 10:25, 26; IsA 19:10
*b* Hu 62:12; Isay 40:10; Rom 2:6
*c* Isay 44:6; Isay 48:12; IsA 1:8; IsA 21:6
*d* 1Jo 1:7
*e* IsA 2:7
*f* IsA 21:10, 12

**Uhla 2**

*a* Gal 5:19-21; Efe 5:5; IsA 21:8
*b* Isay 11:1, 10; Isay 53:2; Jer 23:5; Jer 33:15; IsA 5:5
*c* Num 24:17; IsA 2:28
*d* IsA 21:9
*e* Joh 4:14
*f* Isay 55:1; Joh 7:37; IsA 7:17; IsA 21:6
*g* Dut 4:2; Dut 12:32; Gal 1:8; 1Jo 4:3; 2Jo 9
*h* IsA 15:1
*i* IsA 2:7
*j* IsA 21:2
*k* IsA 3:11; IsA 22:7

**22:13** *Noma, "Ngingu-A no-Z." U-Alfa uhlamvu lokuqala, u-Omega uhlamvu lokugcina ezinhlamvwini zesiGreki. **22:15** *Okuwukuthi, labo abenza izinto ezingamanyala phambi kukaNkulunkulu. #Bheka uHlu Lwezincazelo Zamagama, "Ukuziphatha kabi ngokocansi."

# Ishadi Lezincwadi ZeBhayibheli

Izincwadi ZemiBhalo YesiHebheru Ngaphambi KweNkathi Evamile (YamaKristu)

| Igama Lencwadi | Um(Aba)lobi | Yalotshelwa | Ukuloba Kwaphela (B.C.E.) | Inkathi Ehlanganisiwe (B.C.E.) |
|---|---|---|---|---|
| Genesise | UMose | Ehlane | 1513 | "Ekuqaleni" kuya ku-1657 |
| Eksodusi | UMose | Ehlane | 1512 | 1657-1512 |
| Levitikusi | UMose | Ehlane | 1512 | Inyanga (1512) |
| Numeri | UMose | Ehlane nasemathafeni AkwaMowabi | 1473 | 1512-1473 |
| Duteronomi | UMose | Emathafeni AkwaMowabi | 1473 | Izinyanga ezimbili (1473) |
| Joshuwa | UJoshuwa | EKhanani | c. 1450 | 1473–c. 1450 |
| AbaHluleli | USamuweli | Kwa-Israyeli | c. 1100 | c. 1450–c. 1120 |
| Ruthe | USamuweli | Kwa-Israyeli | c. 1090 | Iminyaka engu-11 yokubusa kwabaHluleli |
| 1 Samuweli | USamuweli; uGadi; uNathani | Kwa-Israyeli | c. 1078 | c. 1180-1078 |
| 2 Samuweli | UGadi; uNathani | Kwa-Israyeli | c. 1040 | 1077–c. 1040 |
| 1 AmaKhosi | UJeremiya | KwaJuda naseGibhithe (1 & 2 AmaKhosi) | umqulu owodwa 580 (1 & 2 AmaKhosi) | c. 1040-580 |
| 2 AmaKhosi | UJeremiya | | | |
| 1 IziKronike | U-Ezra | EJerusalema (?) | umqulu owodwa c. 460 (1 & 2 IziKronike) | Ngemva kweyoku-1 IziKronike 9:44: c. 1077-537 |
| 2 IziKronike | U-Ezra | EJerusalema (?) | | |
| Ezra | U-Ezra | EJerusalema | c. 460 | 537–c. 467 |
| Nehemiya | UNehemiya | EJerusalema | a. 443 | 456–a. 443 |
| Esteri | UMoridekayi | EShushani, e-Elamu | c. 475 | 493–c. 475 |
| Jobe | UMose | Ehlane | c. 1473 | Iminyaka engaphezu kwengu-140 phakathi kuka-1657 no-1473 |
| AmaHubo | UDavide nabanye | | c. 460 | |
| IzAga | USolomoni; u-Aguri; uLemuweli | EJerusalema | c. 717 | |
| UmShumayeli | USolomoni | EJerusalema | b. 1000 | |
| IsiHlabelelo SeziHlabelelo | USolomoni | EJerusalema | c. 1020 | |
| Isaya | U-Isaya | EJerusalema | a. 732 | c. 778–a. 732 |
| Jeremiya | UJeremiya | KwaJuda; eGibhithe | 580 | 647-580 |
| IsiLilo | UJeremiya | Eduze kwaseJerusalema | 607 | |
| Hezekeli | UHezekeli | EBhabhiloni | c. 591 | 613–c. 591 |
| Daniyeli | UDaniyeli | EBhabhiloni | c. 536 | 618–c. 536 |
| Hoseya | UHoseya | ESamariya (Isifunda) | a. 745 | b. 804–a. 745 |
| Joweli | UJoweli | KwaJuda | c. 820 (?) | |
| Amose | U-Amose | KwaJuda | c. 804 | |
| Obadiya | U-Obadiya | | c. 607 | |
| Jona | UJona | | c. 844 | |
| Mika | UMika | KwaJuda | b. 717 | c. 777-717 |
| Nahume | UNahume | KwaJuda | b. 632 | |
| Habakuki | UHabakuki | KwaJuda | c. 628 (?) | |
| Zefaniya | UZefaniya | KwaJuda | b. 648 | |
| Hagayi | UHagayi | EJerusalema | 520 | izinsuku ezingu-112 (520) |
| Zakariya | UZakariya | EJerusalema | 518 | 520-518 |
| Malaki | UMalaki | EJerusalema | a. 443 | |

# Ishadi Lezincwadi ZeBhayibheli

Izincwadi ZemiBhalo YesiGreki Ezalotshwa Phakathi NeNkathi Evamile (YamaKristu)

| Igama Lencwadi | Umlobi | Yalotshelwa | Ukuloba Kwaphela (C.E.) | Inkathi Ehlanganisiwe |
|---|---|---|---|---|
| Mathewu | UMathewu | Kwa-Israyeli | c. 41 | 2 B.C.E.–33 C.E. |
| Marku | UMarku | ERoma | c. 60-65 | 29-33 C.E. |
| Luka | ULuka | EKhesariya | c. 56-58 | 3 B.C.E.–33 C.E. |
| Johane | Umphostoli uJohane | E-Efesu, noma eduze kwakhona | c. 98 | Ngemva kwesandulela, 29-33 C.E. |
| IzEnzo | ULuka | ERoma | c. 61 | 33–c. 61 C.E. |
| Roma | UPawulu | EKorinte | c. 56 | |
| 1 Korinte | UPawulu | E-Efesu | c. 55 | |
| 2 Korinte | UPawulu | EMakedoniya | c. 55 | |
| Galathiya | UPawulu | EKorinte noma e-Antiyokiya yaseSiriya | c. 50-52 | |
| Efesu | UPawulu | ERoma | c. 60-61 | |
| Filipi | UPawulu | ERoma | c. 60-61 | |
| Kolose | UPawulu | ERoma | c. 60-61 | |
| 1 Thesalonika | UPawulu | EKorinte | c. 50 | |
| 2 Thesalonika | UPawulu | EKorinte | c. 51 | |
| 1 Thimothewu | UPawulu | EMakedoniya | c. 61-64 | |
| 2 Thimothewu | UPawulu | ERoma | c. 65 | |
| Thithu | UPawulu | EMakedoniya (?) | c. 61-64 | |
| Filemoni | UPawulu | ERoma | c. 60-61 | |
| Hebheru | UPawulu | ERoma | c. 61 | |
| Jakobe | UJakobe (Umfowabo kaJesu) | EJerusalema | b. 62 | |
| 1 Petru | UPetru | EBhabhiloni | c. 62-64 | |
| 2 Petru | UPetru | EBhabhiloni (?) | c. 64 | |
| 1 Johane | Umphostoli uJohane | E-Efesu, noma eduze kwakhona | c. 98 | |
| 2 Johane | Umphostoli uJohane | E-Efesu, noma eduze kwakhona | c. 98 | |
| 3 Johane | Umphostoli uJohane | E-Efesu, noma eduze kwakhona | c. 98 | |
| Jude | UJude (Umfowabo kaJesu) | Kwa-Israyeli (?) | c. 65 | |
| IsAmbulo | Umphostoli uJohane | EPhatmose | c. 96 | |

[Amagama abalobi bezinye izincwadi nawezindawo ezalotshelwa kuzo akuqinisekwa ngawo. Iminyaka eminingi imane iwukulinganisela, uphawu oluthi a. lusho ukuthi "ngemva," oluthi b. lusho ukuthi "ngaphambi" noluthi c. lusho ukuthi "kungaba," noma "cishe."]

## Izifushaniso Ezisetshenziswe Emibhalweni Yaphansi

| | |
|---|---|
| cm | amasentimitha |
| mbhw. | umbhalo waphansi |
| g | amagremu |
| kg | amakhilogremu |
| km | amakhilomitha |
| L | amalitha |
| mi | amamayela |
| m | amamitha |

# Izikhombo Zamagama AseBhayibhelini

Bheka ikhasi 40 ukuze uthole izifushaniso zamagama ezincwadi zeBhayibheli.

## A

**ABELA,** Gen 4:8 uKhayini wahlasela u-**A.**
Mat 23:35 kusukela egazini lika-**A.** olungile kuye
**ABELO,** IsiL 3:24 uJehova uyis**a.** sami
**ABHA,** Rom 8:15 esikhamuluka ngawo sithi: **A.**, Baba!
**ABHIGAYILI,** 1Sa 25:3 u-**A.** inkosikazi eyayikhaliphile
**ABRAHAMA,** Gen 21:12 wathi ku-**A.**: Mlalele
2Kr 20:7 u-**A.** umngani wakho
Mat 22:32 uNkulunkulu ka-**A.**, wabaphilayo
Rom 4:3 U-**A.** waba nokholo, wabhekwa
**ADAMU,** Gen 5:5 u-**A.** waphila iminyaka engu-930
1Ko 15:22 njengoba nje bonke befa ku-**A.**
1Ko 15:45 U-**A.** wokugcina waba
1Ti 2:14 u-**A.** akakhohliswanga, kodwa owesifazane
**AKHA,** Hu 127:1 Ngaphandle kokuba uJehova ey**a.** indlu
Isay 65:21 Bayokw**a.** izindlu bahlale kuzo
Luk 17:28 betshala, b**a.**
1Ko 8:1 Ulwazi luyakhukhumeza, uthando luy**a.**
1Ko 14:26 Zonke izinto mazenzeke ngenjongo yokw**a.**
**AKHAMUZI,** Flp 3:20 siyiz**a.** zasemazulwini
**AKHANI,** Jos 7:1 u-**A.** wathatha okuthile
**AKHAYO,** Rom 14:19 masilwele ukwenza izinto ez**a.**
1Ko 10:23 zingokomthetho, akuzona zonke izinto ez**a.**
**AKHELA,** 1Ko 3:10 ebheka indlela **a.** ngayo
**AKHENI,** Jud 20 z**a.** okholweni lwenu olungcwele
**AKHWILA,** IzE 18:2 umJuda ogama lakhe lingu-**A.**
**ALFA,** IsA 1:8 Ngingu-**A.** no-Omega
**ALTARE,** Gen 8:20 uNowa wakha i-**a.**
Eks 27:1 Nizokwenza i-**a.** lokhuni lomtholo
Mat 5:24 shiya isipho sakho phambi kwe-**a.**
IzE 17:23 ne-**a.** Kunkulunkulu Ongaziwa
**AMBULELA,** Mat 11:25 abahlakaniphile waz**a.** izingane
**AMBULELE,** 1Ko 2:10 uNkulunkulu uz**a.** thina ngomoya
**AMBULELWE,** Efe 3:5 le mfihlo y**a.** abaphostoli
**AMBULWA,** Rom 8:19 ukw**a.** kwabantwana
**AMEN,** Dut 27:15 Bonke abantu bayothi, **A.**!
1Ko 14:16 **A.** ekubongeni kwakho
2Ko 1:20 no-**A.** ushiwo ngayo kuNkulunkulu
**ANA,** Luk 2:36, 37 umprofethikazi u-**A.** ena-84
**ANANIYA,** IzE 5:1 u-**A.**, kanye noSafira umkayo
**ANELISEKA,** Flp 4:11 ngafunda ukw**a.**
**APHOLO,** IzE 18:24 u-**A.**, wayeyindoda eqephuzayo
**APULA,** IzA 25:11 Njengama-**a.** egolide ezitsheni zesiliva
**ARARATI,** Gen 8:4 umkhumbi ezintabeni zase-**A.**
**AREYOPHAGU,** IzE 17:22 UPawulu wama e-**A.** wathi
**ARMAGEDONI,** IsA 16:16 ngesiHebheru ebizwa nge-**A.**
**ARTHEMISI,** IzE 19:34 bamemeza: Mkhulu u-**A.**!
**AZAZELI,** Lev 16:8 U-Aroni uzokwenza inkatho ka-**A.**
**AZI,** Eks 7:5 AbaseGibhithe nakanjani bayokw**a.**
IzA 1:7 Ukwesaba uJehova kungukuqala kolw**a.**
IzA 2:10 Nolw**a.** luba mnandi emphefumulweni
IzA 24:5 Ngolw**a.** umuntu wandisa amandla akhe
Isay 5:13 bayodingiswa ngenxa yokung**a.**
Isay 11:9 umhlaba uyogcwala ulw**a.** ngoJehova
Jer 31:34 Y**a.** uJehova!, ngoba bonke bayong**a.**
Dan 12:4 ulw**a.** lweqiniso luyoba luningi
Hos 4:6 Ngenxa yokuthi ulwenqabile ulw**a.**
Nah 1:7 Uyab**a.** labo abafuna isiphephelo kuye
Mal 2:7 Izindebe zompristi kufanele zifundise ulw**a.**
Luk 11:52 Maye ngoba nisuse isihluthulelo solw**a.**
1Ko 8:1 Ulw**a.** luyakhukhumeza
**AZISENI,** 1Ko 16:18 w**a.** amadoda anjalo
**AZI UKUTHI NGINGUJEHOVA,** Hez 39:7 izizwe ziyokw**a.**
**AZIWA,** 2Ko 6:9 njengabangaziwa kodwa sibe s**a.**
Gal 4:9 njengoba sen**a.** uNkulunkulu
**AZI ZEFILOSOFI,** IzE 17:18 iz**a.** ezingama-Epikhuru

## B

**BA,** Eks 3:14 Ngiyo**b.** Yilokho Engikhetha Ukuba Yikho
1Ko 9:22 Ngiye nga**b.** yizinto zonke
**BABA,** Hu 89:26 Wena unguB**.**, uNkulunkulu wami
Hu 103:13 u**b.** ebonisa umusa emadodaneni
Mat 6:9 **B.** wethu osemazulwini, malingcweliswe
Luk 2:49 kumele ngibe sendlini ka**B.**
Joh 5:20 u**B.** ubonisa iNdodana izinto azenzayo
Joh 10:30 Mina no**B.** simunye
Joh 14:6 oza ku**B.** ngaphandle kokuba eze ngami
Joh 14:9 Ongibonile mina umbonile no**B.**
Joh 14:28 ngoba u**B.** mkhulu kunami
Joh 14:28 beniyojabula ngokuthi ngiya ku**B.**
**BA KHONA,** Mat 24:3 uphawu loku**b.** kwakho
Mat 24:37 zikaNowa, noku**b.** kweNdodana yomuntu
2Pe 3:4 Kuphi lokhu ku**b.** kwakhe okuthenjisiwe?
**BALA,** Hu 90:12 Sifundise uku**b.** izinsuku zethu
**BALE,** Luk 14:28 kuqala a**b.** izindleko
**BALEKELANI,** 1Ko 6:18 **B.** ukuziphatha kabi ngokocansi!
**BALULEKE,** Mat 23:23 izindaba zoMthetho ezi**b.** kakhulu
Flp 1:10 niqiniseke ngezinto ezi**b.** kakhulu
**BALULEKILE,** Mat 6:26 ani**b.** yini ngaphezu kwazo
1Ko 1:28 uNkulunkulu wakhetha izinto ezinga**b.**
**BALWA,** Luk 22:37 Wa**b.** kanye nabangenamthetho
**BAMBE,** Flp 2:16 nili**b.** ngokuqinile izwi lokuphila
2Ti 2:24 inceku kufanele izi**b.** lapho yoniwa
**BAMBELELANI,** Rom 12:9 **b.** kokuhle
**BAMBISANE,** Rom 8:28 imisebenzi yakhe i**b.**
Efe 4:16 u**b.** ngawo wonke amalunga
**BAMBO,** Gen 2:22 wakha u**b.** lwaba ngowesifazane
**BANDLA,** Mat 16:18 kuleli dwala ngizokwakha i**b.** lami
IzE 20:28 neluse i**b.** likaNkulunkulu
**BANDLENI,** Hu 22:25 Ngizokudumisa e**b.** elikhulu
Hu 40:9 Ngimemezela izindaba ezinhle e**b.**
Rom 16:5 Nikhonze nase**b.** elisendlini yabo

**BANGELA,** Shu 7:25 ifune ukuhlakanipha nezim**b.**
**BANGELE,** 1Sa 22:22 Yimi o**b.** ukuba kufe abantu
**BANGO,** IzA 6:19 odala imi**b.** phakathi kwabafowabo
**BANI,** Hu 119:105 Izwi lakho liyisi**b.** esiqondisa
Hu 119:105 Izwi lakho liyisi**b.** sezinyathelo zami
Mat 6:22 Isi**b.** somzimba yiso
Mat 24:27 um**b.** uvela, ubonakale
Mat 25:1 izintombi eziyishumi ezathatha izi**b.**
Luk 10:18 Ngibona uSathane esewile njengom**b.**
**BARNABA,** IzE 9:27 u**B.** wamsiza wamyisa kubaphostoli
**BAYA,** Joh 10:16 izimvu, ezingezona ezalesi si**b.**
**BA YIKHO,** Eks 3:14 UNgiyo**b.** ungithume kini
**BAZI,** Mar 6:3 um**b.**, indodana kaMariya
**BEKA,** Hu 31:5 Umoya wami ngiwu**b.** esandleni sakho
1Ko 15:27 wa**b.** izinto ngaphansi kwezinyawo zakhe
1Pe 4:19 mabaqhubeke bezi**b.** kuMdali
**BEKE UPHAWU,** IsA 7:3 kube yilapho sesizi**b.** izinceku
**BEKEZELA,** 1Ko 13:4 Uthando luya**b.** futhi lunomusa
2Pe 3:15 uku**b.** kweNkosi yethu njengensindiso
**BEKEZELANI,** Jak 5:8 **b.**; qinisani izinhliziyo
**BEKEZELELA,** Neh 9:30 Wawa**b.** iminyaka eminingi
Hab 1:13 Awukwazi uku**b.** ububi
Rom 9:22 uNkulunkulu wazi**b.** izitsha zolaka
2Pe 3:9 uJehova uyani**b.**
**BEKEZELELANA,** Efe 4:2 ni**b.** ngothando
**BEKEZELELE,** 1Th 5:14 niba**b.** bonke
**BEKEZELELI,** 2Kh 10:16 indlela engingaba**b.** ngayo
**BEKWA UPHAWU,** Efe 1:13 senikholiwe, na**b.**
**BELE,** IzA 5:19 Ama**b.** akhe mawakujabulise
1Jo 3:17 angambonisi ubu**b.** umfowabo oswele
**BELETHA,** Isay 66:7 aqale ukusikwa wa**b.**
**BETHELA,** Mar 15:25 kuyihora lesithathu em**b.**
**BETHELA. Bheka elithi GXOTSHENI.**
**BHABHELE,** Gen 11:9 laqanjwa ngokuthi yi**B.**
**BHABHILONI,** Jer 51:6 Balekani niphume e**B.**
Jer 51:30 Amaqhawe ase**B.** ayekile ukulwa
Jer 51:37 I**B.** liyoba yinqwaba yamatshe
IsA 17:5 I**B.** Elikhulu, unina wezifebe
IsA 18:2 I**B.** Elikhulu liwile
**BHALAMI,** Num 22:28 imbongolo yathi ku**B.**
**BHALI,** Jer 19:5 bawashise njengeminikelo eya ku**B.**
**BHALO,** Mat 22:29 aniyazi imi**B.**
Luk 24:32 Izinhliziyo bezivutha esikhanyisela imi**B.**
IzE 17:2 wabonisana nabo ngemi**B.**
IzE 17:11 behlola ngokucophelela imi**B.** nsuku zonke
2Ti 3:16 Yonke imi**B.** iphefumulelwe uNkulunkulu
**BHALWENI,** Rom 15:4 ngenduduzo evela emi**B.**
**BHANDE,** Isay 11:5 Ukulunga kuyoba yi**b.**
**BHAPATHIZE,** Mat 28:19 niyokwenza abafundi, niba**b.**
**BHAPATHIZELWA,** Rom 6:4 sangcwatshwa ngoku**b.**
**BHAPATHIZO,** 1Pe 3:21 U**b.** manje luyanisindisa
**BHAPATHIZWA,** Luk 3:3 uku**b.** uphawu lokuphenduka
IzE 2:41 ba**b.**, kwanezelwa abangaba ngu-3 000
**BHAPATHIZWE,** Mat 3:13 waya kuJohane ukuze a**b.**
IzE 8:36 yini engivimbela ukuba ngi**b.**?
**BHARUKI,** Jer 45:2 Yilokhu uJehova akushoyo kuwe **B.**
**BHASIKIDI,** Mat 14:20 zagcwala o**b.** abangu-12
**BHATI-SHEBA,** 2Sa 11:3 u**B.** umka-Uriya
**BHEDE,** Heb 13:4 nom**b.** womshado ungangcoliswa
**BHELISHAZARI,** Dan 5:1 INkosi u**B.** yenza idili elikhulu
**BHERE,** Isay 11:7 Inkomo ne**b.** kuyodla ndawonye
**BHERENI,** 1Sa 17:37 owangikhulula e**b.**
**BHETHELE,** Gen 28:19 waqamba leyo ndawo nge**B.**
**BHETLEHEMA,** Mik 5:2 Nawe **B.** Efratha
**BHEZALELI,** Eks 31:2 ngikhethe u**B.**
**BHIDLIZA,** Rom 14:20 uku**b.** umsebenzi kaNkulunkulu
**BHIZINISI,** Jak 4:13 sizoqhuba i**b.** sithole inzuzo
**BHIZINISINI,** Mat 22:5 omunye waya e**b.** lakhe
**BHOSHONGO,** Gen 11:4 Masizakhele um**b.**
IzA 18:10 Igama likaJehova lingum**b.** oqinile
Luk 13:4 abangu-18 um**b.** waseSilowama owawela
**BHUBESI,** 1Sa 17:36 yabulala i**b.** kanye nebhere
Hu 91:13 Uyonyathela i**b.** nemfezi
Isay 11:7 I**b.** liyodla utshani njengenkunzi
Dan 6:27 ukhulule uDaniyeli ezidladleni zama**b.**
1Pe 5:8 uDeveli uzulazula njenge**b.** elibhongayo
IsA 5:5 I**B.** lesizwe sakwaJuda
**BHUBHISA,** IsA 11:18 noku**b.** abacekela phansi umhlaba
**BHUJISWA,** 2Th 1:9 isijeziso esiwuku**b.** okuphakade
2Pe 3:7 uku**b.** kwabangamhloniphi uNkulunkulu
**BHULA,** Num 23:23 uku**b.** ngokumelene no-Israyeli
**BHULA NGEZINKANYEZI,** Mat 2:1 aba**b.** eJerusalema
**BHULAYO,** Dut 18:10 Akufanele kutholakale o**b.**
**BHUNTSHISA,** Isay 14:27 wanquma, ubani onga**b.**?
**BI,** Gen 3:5 nazi okuhle noku**b.**
Hu 23:4 Angesabi lutho olu**b.**, ngoba unami
Hu 37:9 abantu aba**b.** bazobhujiswa
Hu 37:10 aba**b.** bazobe bengasekho
IzA 15:8 Umhlatshelo waba**b.** uyanengeka kuJehova
IzA 15:29 UJehova ukude naba**b.**
IzA 29:2 lapho kubusa omu**b.** abantu bayabubula
Isay 5:20 Maye kulabo abathi okuhle ku**b.**
Isay 26:10 omu**b.** eboniswa umusa, ngeke akufunde
Isay 57:21 Aba**b.** abanakho ukuthula
Rom 7:19 oku**b.** engingakufisi yikho engikwenzayo
Rom 12:17 Ningabuyiseli muntu oku**b.** ngoku**b.**
1Th 5:22 Dedani koku**b.**
Tit 2:8 bengenalutho olu**b.** abangalusho ngathi
1Jo 5:19 izwe lisemandleni omu**b.**
**BIKA,** Num 23:23 akukho ma**b.** amabi ngoJakobe
Dut 18:10 noma ubani ofuna ama**b.**
**BIKEZELI BEKUSASA,** Lev 19:31 ningayi kuba**b.**
**BIKI,** Lev 5:1 Uma engasi**b.**, lokho kuyisono
**BIKO,** Eks 23:1 Ungawusakazi um**b.** ongelona iqiniso
Num 14:36 lapho eletha um**b.** omubi ngezwe
IzA 25:25 um**b.** omuhle ovela ezweni elikude
Dan 11:44 Kodwa iyophazanyiswa yimi**b.**
2Ko 6:8 ngom**b.** omubi nom**b.** omuhle
**BILI,** Luk 10:1 yakhetha abangu-70 yabathuma ngaba**b.**
**BILIBOCO,** Dan 1:5 isabelo sansuku zonke sezi**b.**
**BI NABULUNGISA,** Dut 32:4 okungenzeki anga**b.**
**BINDI,** Jos 1:7 yiba nesi**b.** uqine
IzE 4:31 bakhuluma izwi ngesi**b.**
IzE 28:15 ebabona, uPawulu wama isi**b.**
2Ko 5:6 Ngakho sinesi**b.** ngaso sonke isikhathi
Efe 6:20 [Thandazelani] nokuba ngikhulume ngesi**b.**
Flp 1:14 isi**b.** sokukhuluma izwi likaNkulunkulu
1Th 2:2 saqunga isi**b.** ngoNkulunkulu wethu

**BINGELELE,** 2Jo 10 ningamamukeli noma nim**b.**
**BISI,** Eks 3:8 ezweni eligeleza u**b.** noju
Isay 60:16 uyoncela u**b.** lwezizwe
Heb 5:12 senibuyele emuva ekudingeni u**b.**
1Pe 2:2 langazelelani u**b.** olungonakalisiwe
**BIZA,** Rom 10:13 o**b.** igama likaJehova uyosindiswa
**BIZWA,** Efe 4:1 nihambe ngendlela efanele uku**b.**
**BOLEKA,** Hu 37:21 Omubi uya**b.** angabuyiseli
IzA 19:17 Obonisa ophansi umusa, u**b.** uJehova
**BOLEKAYO,** IzA 22:7 o**b.** uyisigqila sobolekisayo
**BOLEKISA,** Luk 6:35 **b.** ungalindeli ukubuyiselwa
**BOLILE,** Efe 4:29 Makungaphumi izwi eli**b.** emilonyeni
**BOMU,** Heb 10:26 uma senza isono ngama**b.**
**BOMVU,** Gen 25:30 ngiphe kancane isitshulu esi**b.**
**BOMVU KLEBHU,** Isay 1:18 Nakuba izono zenu zi**b.**
**BONA,** Joh 1:18 Akekho umuntu oye wa**b.** uNkulunkulu
1Ko 6:19 ani**b.** abenu
1Pe 1:12 Izingelosi zifisa uku**b.** zona lezi zinto
**BONAKALA KWANGAPHANDLE,** 2Ko 10:7 izinto ngoku**b.**
Gal 2:6 uNkulunkulu akayi ngoku**b.**
**BONAKALI,** Rom 1:20 izimfanelo zakhe ezinga**b.**
Heb 11:27 sengathi uyambona Lowo onga**b.**
**BONAKALISO,** Mat 24:30 isi**b.** seNdodana yomuntu
Luk 21:25 izi**b.** elangeni nasenyangeni
2Th 2:9 nezi**b.** zamanga nezimangaliso
**BONELO,** Joh 13:15 nginibekela isi**b.**
1Ko 10:6 Lezi zinto zaba izi**b.** kithi
1Ti 4:12 yiba isi**b.** kwabathembekile
Jak 5:10 nilandele isi**b.** sabaprofethi
1Pe 2:21 noKristu enishiyela isi**b.**
1Pe 5:3 nibe yizi**b.** emhlanjini
**BONELO ESIHLE,** 2Ko 4:2 saba isi**b.** kubo bonke
**BONELWENI,** 2Ti 1:13 ubambelele esi**b.** samazwi
**BONGA,** Hu 92:1 Kuhle ukuku**b.** Jehova
IzA 29:21 Uma itotoswa ngeke ibonise uku**b.**
Joh 11:41 Baba, ngiyaku**b.** ngoba ungizwile
IzE 28:15 ebabona, uPawulu wa**b.** uNkulunkulu
1Ko 1:4 Ngim**b.** ngaso sonke isikhathi uNkulunkulu
Efe 5:20 nihlale ni**b.** uNkulunkulu ngazo zonke izinto
1Ti 1:12 Ngiyam**b.** uKristu Jesu
**BONGAYO,** Kol 3:15 Yibani ngaba**b.**
**BONGE,** Hu 95:2 Masizeni sim**b.**
**BONILE,** Joh 14:9 Ongi**b.** mina um**b.** noBaba
**BONISA,** Luk 3:8 thelani izithelo ezi**b.** ukuphenduka
Joh 5:20 uBaba uyayi**b.** iNdodana izinto azenzayo
IzE 17:3 echaza futhi e**b.** ngezinto ezilotshiwe
Rom 5:8 uNkulunkulu usi**b.** uthando lwakhe
2Ko 6:4 si**b.** ukuthi siyizikhonzi zikaNkulunkulu
**BONISANA,** IzA 15:22 awaphumeleli kungekho uku**b.**
IzE 17:2 wa**b.** nabo ngemiBhalo
**BONISI,** Isay 60:17 Ngiyomisa ukuthula kube aba**b.**
IzE 20:28 umoya ongcwele onimise naba aba**b.**
1Ti 3:1 Uma umuntu ezama ukuba um**b.**
1Pe 2:25 kumalusi nom**b.** wemiphefumulo yenu
**BONO,** 1Kh 18:21 phakathi kwemi**b.** emibili?
Dan 10:14 kungum**b.** wezinsuku ezizayo
Rom 14:1 ningamahluleli ngenxa yemi**b.** engafani
**BONWA,** 2Ko 4:18 amehlo ethu esezintweni ezinga**b.**
**BONWE,** Mat 6:1 izenzo ezinhle ningazenzi ukuze ni**b.**
**BOPHA,** Gen 22:9 Wa**b.** indodana yakhe u-Isaka
Hez 34:16 elimele ngiyoyi**b.**
**BOPHE,** Isay 61:1 ukuba ngi**b.** abaphukile enhliziyweni
**BOPHELE,** Mat 19:6 lokho uNkulunkulu aku**b.** ndawonye
**BOPHO,** Shu 12:13 lokhu kuyiso sonke isi**b.** somuntu
1Jo 3:16 sinesi**b.** sokunikela ngokuphila kwethu
**BOPHWENI,** Efe 4:3 esi**b.** esihlanganisayo sokuthula
**BOSHIWE,** Mat 16:19 emhlabeni iyobe isi**b.** emazulwini
**BOYENI,** Hlu 6:37 amazolo o**b.** kuphela
**BUBULA,** Eks 2:24 uNkulunkulu wakuzwa uku**b.** kwawo
Num 14:27 uku**b.** kwama-Israyeli ngami
Isay 35:10 Usizi noku**b.** kuyobaleka
Rom 8:22 yonke indalo iyaqhubeka i**b.**
Rom 8:26 umoya uyasincengela ngoku**b.**
Flp 2:14 nenza zonke izinto ngaphandle koku**b.**
**BUBULAYO,** Hez 9:4 beka uphawu kwaba**b.**
Jud 16 Laba bangabantu aba**b.**
**BUBULI,** 1Ko 10:10 Ninga**b.**
**BUCAYI,** 2Ti 3:1 ezi**b.** okunzima ukubhekana nazo
**BUKEKA,** 1Sa 16:7 Musa ukubheka indlela a**b.** ngayo
Joh 7:24 ukwahlulela ngoku**b.** kwangaphandle
**BUKEKA KWANGAPHANDLE,** Mat 22:16 awubheki uku**b.**
**BUKISA,** 1Ko 2:1 angifikanga nenkulumo yoku**b.**
**BUKISWENI,** 1Ko 4:9 ubeke thina ekugcineni em**b.**
**BUKO,** 1Ko 13:12 ngesi**b.** sensimbi
2Ko 3:18 sibonakalisa inkazimulo njengezi**b.**
**BUKWANE,** 1Ko 4:9 siye saba um**b.**
**BUKWENI,** Jak 1:23 ozibuka ubuso esi**b.**
**BULALANI,** Kol 3:5 **b.** amalunga emizimba yenu
**BULALAYO,** Joh 16:2 wonke umuntu oni**b.** uyocabanga
**BULALI,** Eks 20:13 Unga**b.**
Num 35:6 esiphephelo ukuze um**b.** abalekele kuwo
Joh 8:44 wayengum**b.** kusukela ekuqaleni
**BULUNGISA,** Job 34:12 akabuhlanekezeli u**b.**
Job 40:8 Uyobungabaza yini u**b.** bami?
Hu 37:28 uJehova uyabuthanda u**b.**
IzA 29:4 Ngo**b.** inkosi yenza izwe lizinze
Shu 5:8 Uma ubona ukuhlanekezelwa ko**b.**
Isay 32:1 Nezikhulu ziyobusa ngenjongo yo**b.**
Mik 6:8 kuphela ubonise u**b.**, uthande ubuqotho
Luk 18:7 ngeke yini abangele ukuba benzelwe u**b.**?
IzE 28:4 u**B.** abumvumelanga aqhubeke ephila
**BUMBA,** Isay 45:9 Kufanele yini u**b.** luthi kuMbumbi
Isay 64:8 Thina siwu**b.**, wena unguMbumbi wethu
Dan 2:42 ingxenye iyinsimbi ingxenye iwu**b.**
**BUMBI,** Isay 64:8 Thina siwubumba, wena unguM**b.**
Rom 9:21 Um**b.** akanalo yini igunya
**BUNGU,** Hu 139:16 angibona ngisho ngisewum**b.**
**BUSA,** Gen 3:16 umyeni wakho uyoku**b.**
IzA 29:2 lapho ku**b.** omubi, abantu bayabubula
Rom 6:12 isono siqhubeke si**b.** emizimbeni yenu
IsA 11:15 iyo**b.** njengenkosi kuze kube phakade
**BUSAYO,** Hu 119:133 Makungabi nabubi obungi**b.**
**BUSE,** Shu 8:9 umuntu u**b.** omunye kwaba ukulimala
**BUSI,** Dan 4:17 bazi ukuthi oPhezukonke unguM**b.**
Joh 12:31 um**b.** waleli zwe uzophonswa ngaphandle
Joh 12:42 abaningi kuba**b.** baba nokholo kuye
Joh 14:30 ngoba uyeza um**b.** waleli zwe
IzE 4:26 aba**b.** babuthana bamelana noJehova

**BUSISA,** Gen 1:28 uNkulunkulu waba**b.** wathi
Num 6:24 Kwangathi uJehova angaku**b.**
Luk 6:28 ni**b.** abaniqalekisayo
Rom 12:14 Qhubekani ni**b.** labo abashushisayo
**BUSISI,** Gen 32:26 Ngeke ngikudedele ungakangi**b.**
**BUSISIWE,** Joh 12:13 U**b.** lowo oza ngegama likaJehova
**BUSISO,** Dut 30:19 ngibeke isi**b.** nesiqalekiso
IzA 10:22 Yisi**b.** sikaJehova esenza umuntu acebe
Mal 3:10 nginithululele isi**b.** nize ningasweli
**BUSISWE,** Hlu 5:24 U**b.** ukubedlula bonke abesifazane
**BUSO,** Eks 19:6 Niyoba um**b.** wabapristi
Isay 9:7 Um**b.** wakhe uyoba mkhulu, ngeke uphele
Dan 2:44 uNkulunkulu wezulu uyomisa um**b.**
Dan 7:14 Wanikwa ubukhosi, udumo nom**b.**
Dan 7:18 abangcwele bayokwamukela um**b.**
Mat 4:8 UDeveli wambonisa yonke imi**b.**
Mat 6:10 UM**b.** wakho mawuze
Mat 6:33 qhubekani nifuna kuqala uM**b.**
Mat 21:43 niyophucwa uM**b.** unikwe isizwe
Mat 24:14 Lezi zindaba ezinhle zoM**b.**
Mat 25:34 Wozani nizuze ifa loM**b.** enawulungiselelwa
Luk 12:32 uyakujabulela ukuninika uM**b.**
Luk 22:29 ngenza isivumelwano nani, som**b.**
Joh 18:36 UM**b.** wami awuyona ingxenye yaleli zwe
IzE 1:6 uzowubuyisela um**b.** ngalesi sikhathi?
1Ko 15:24 enikela uM**b.** kuNkulunkulu wakhe
Gal 5:21 ngeke balizuze ifa loM**b.** kaNkulunkulu
IsA 1:6 wasenza saba ngum**b.**, abapristi
IsA 11:15 Um**b.** wezwe usunguM**b.**
**BUSUKU,** Hu 19:2 U**b.** no**b.** embula ulwazi
Rom 13:12 U**b.** sebuqhubeke kakhulu; imini
**BUSWENI,** Kol 1:13 wasidlulisela em**b.** weNdodana
**BUTHA,** Gen 3:15 u**b.** phakathi kwakho nowesifazane
**BUTHO,** Hu 68:11 abamemezela izindaba ezinhle bayi**b.**
IsA 19:14 Ama**b.** asezulwini ayemlandela
**BUYELANI,** Jow 2:12 **b.** kimi ngezinhliziyo zenu zonke
Mal 3:7 **B.** kimi, nami ngizobuyela kini
**BUYISANA,** Rom 5:10 sa**b.** noNkulunkulu
**BUYISANE,** 1Ko 7:11 makangashadi noma a**b.** nomyeni
2Ko 5:19 uNkulunkulu wayenza izwe li**b.**
**BUYISELA,** Hu 116:12 Ngizom**b.** ngani uJehova
IzA 20:22 Ungasho ukuthi: Ngizo**b.** ngokubi!
Rom 12:19 Impindiselo ingeyami; ngizo**b.** mina
**BUYISELANI,** Mat 22:21 **b.** izinto zikaKhesari kuKhesari
**BUYISELE,** 2Th 1:6 a**b.** usizi kulabo abanibangela usizi
**BUYISELI,** Hu 37:21 Omubi uyaboleka anga**b.**

## C

**CABANGEKI,** Gen 18:25 Kuyinto enga**c.** ukuthi ungenza
**CABANGELA,** Flp 4:5 Uku**c.** kwenu makwaziwe
**CABANGELAYO,** Hu 41:1 om**c.** ophansi
**CABANGELE,** 1Th 5:13 ngothando niba**c.** ngenxa
**CABANGI,** Mat 24:44 ngehora eningali**c.**
Rom 12:3 angazi**c.** emkhulu
**CABANGO,** Hu 26:2 Cwenga imi**c.** yami ejulile
Hu 139:17 iyigugu imi**c.** yakho
Hu 146:4 Ngalolo suku imi**c.** yayo iyashabalala
IzA 20:5 Imi**c.** yenhliziyo injengamanzi ajulile
Isay 55:8 imi**c.** yami akuyona imi**c.** yenu
2Ko 10:5 sithumba yonke imi**c.** ukuze ilalele uKristu
**CALA,** Mat 6:12 usithethelele ama**c.** ethu, njengoba
1Ti 5:19 Ungalamukeli i**c.** elibekwa indoda endala
Tit 1:7 umbonisi kumele abe ongena**c.**
**CASUKE,** IzA 21:19 umfazi osheshe a**c.**
**CASUKI,** Hu 37:8 Unga**c.** bese wenza okubi
1Ko 13:5 [uthando] alu**c.**
**CASUKILE,** Efe 4:26 ilanga malingashoni nisa**c.**
**CASULI,** Efe 6:4 ningaba**c.** abantwana benu
**CATSHANGIWE,** IzA 12:18 Inkulumo enga**c.**
**CEBA,** 1Ti 6:9 abazimisele ngoku**c.** bawela ogibeni
**CEBE,** IzA 10:22 Yisibusiso sikaJehova esenza a**c.**
2Ko 6:10 sibe senza abaningi ba**c.**
**CEBI,** Lev 19:15 Ungabandlululi ukhethe isi**c.**
**CEBILE,** Jer 9:23 o**c.** angazigabisi ngengcebo yakhe
Luk 14:12 Lapho wenza isidlo, ungabizi aba**c.**
1Ti 6:17 Yala aba**c.** ukuba bangaqhoshi
IsA 3:17 Ngoba uthi, Ngi**c.**
**CEBO,** Hu 62:10 Uma um**c.** wanda, ningabeki ithemba
IzA 2:4 njengokungathi ufuna ing**c.** efihliwe
IzA 10:2 Ing**c.** etholakale ngobubi ngeke izuzise
IzA 11:4 Ing**c.** ngeke izuzise ngosuku lolaka
IzA 15:22 Ama**c.** awaphumeleli lapho kungekho
IzA 18:11 Ing**c.** yomuntu ocebile ifana nodonga
IzA 19:21 Maningi ama**c.** enhliziyweni yomuntu
Shu 5:10 umthandi weng**c.** ngeke aneliswe umholo
Hez 28:5 Inhliziyo yakho yazidla ngenxa yeng**c.**
Mat 6:21 lapho um**c.** ukhona, nenhliziyo iyoba khona
Mat 13:44 UMbuso unjengom**c.** ofihlwe esigangeni
Luk 12:33 Zenzeleni um**c.** ongapheli emazulwini
2Ko 4:7 sinale ng**c.** ezitsheni zobumba
**CEBWENI,** Luk 6:45 okuhle eng**c.** enhle yenhliziyo yakhe
**CELA,** Gen 15:5 Ngi**c.** ubheke phezulu emazulwini
Dut 10:12 yini uJehova ayi**c.** kuwe?
Hu 2:8 **C.** kimi, ngizokunika izizwe
Mat 7:7 Qhubekani ni**c.**, niyophiwa
Joh 14:13 Noma yini eniyi**c.** egameni lami, ngiyoyenza
**CELAYO,** Efe 3:20 okungaphezu kwezinto esizi**c.**
1Jo 5:14 esiyi**c.** evumelana nentando yakhe
**CELI,** Mat 6:8 uyakwazi enikudingayo ningakaku**c.**
**CELO,** Hu 20:5 Kwangathi uJehova angazifeza izi**c.**
**CHAZA,** Neh 8:8 uMthetho bewu**c.** futhi bewucacisa
Joh 1:18 nguye oye wam**c.**
IzE 17:3 e**c.** futhi ebonisa ngezinto ezilotshiwe
**CHIBINI,** IsA 19:20 e**c.** lomlilo ovutha isibabule
**CHICHIMA,** Luk 6:45 ukhuluma ngoku**c.** kwenhliziyo
**CHICHIMAYO,** Joh 10:10 zibe nakho ngoku**c.**
**CHILO,** Rom 1:27 abesilisa nabesilisa, benza okuyi**c.**
Kol 3:8 nilahle nenkulumo eyi**c.**
**CHOKO,** Lev 13:45 ono**c.** amemeze, Ngingcolile!
Num 12:10 uMiriyamu wayeshaywe ngo**c.**
Luk 5:12 kwakunomuntu ogcwele u**c.**!
**CI,** Lev 22:21 isilwane akufanele sibe nesi**c.**
**CIBISHOLO,** Hu 127:4 Njengemi**c.** esandleni seqhawe
**CIMBI,** Rom 13:13 okungenayo imi**c.** exokozelayo
Gal 5:21 ukudakwa, imi**c.** exokozelayo, nezinto
**CINDEZELA,** Hu 40:12 Iziphambeko zami ziyangi**c.**
**CINDEZELAYO,** Shu 4:1 Ababa**c.** babenamandla
**CINDEZELEKA,** Hu 46:1 Usizo ngezikhathi zoku**c.**
2Ko 1:8 ngaphansi koku**c.** okungaphezu kwamandla

**CINDEZELEKE,** Isay 38:14 Jehova, ngi**c.** kakhulu!
**CINDEZELEKILE,** 2Sa 22:7 Ngambiza uJehova ngi**c.**
Hu 40:17 mina ngi**c.** futhi ngimpofu
Isay 57:15 ngihlala nalowo o**c.** nodangele
1Th 5:14 nibaduduze aba**c.**
**CINDEZELWA,** Shu 7:7 uku**c.** kusanganisa ohlakaniphile
**CINDEZELWENI,** Hu 72:14 Iyobakhulula eku**c.**
**COPHELELA,** IzA 14:16 Ohlakaniphile uya**c.** afulathele
**CUKUTHWANE,** 1Ko 1:26 ababaningi abazalwa yizi**c.**
**CULA,** Mat 26:30 ngemva koku**c.** izingoma, baphuma
**CUPHI WEZINYONI,** Hu 91:3 esicuphweni som**c.**
**CUPHWENI,** Hu 91:3 uyokukhulula esi**c.** somcuphi
**CWENGA,** Dan 11:35 kwenziwe umsebenzi woku**c.**
Zak 13:9 Ngiyoba**c.** njengoba kucwengwa isiliva
**CWENGI,** Mal 3:3 Iyohlala njengom**c.** wesiliva

## D

**DABUKA,** 2Ko 2:7 anganqotshwa uku**d.** ngokweqile
2Ko 7:9 na**d.** ngendlela yokuhlonipha uNkulunkulu
**DABUKI,** 1Th 4:13 ninga**d.** njengabangenalo ithemba
**DABUKILE,** Hu 38:6 Usuku lonke ngi**d.**
Shu 7:3 ubuso obu**d.** benza inhliziyo ibe ngcono
**DADEWABO,** Dut 27:22 olala no**d.**
**DAKWA,** IzA 23:21 isi**d.** siyoba mpofu
1Ko 5:11 niyeke ukuzihlanganisa nesi**d.**
1Ko 6:10 izi**d.** ngeke zilizuze ifa loMbuso
Efe 5:18 ninga**d.**
**DALA,** Gen 1:1 Ekuqaleni uNkulunkulu wa**d.**
Hu 94:20 si**d.** izinkinga egameni lomthetho?
Tit 1:5 umise aba**d.**
IsA 4:11 wa**d.** zonke izinto
**DALA WEZINSUKU,** Dan 7:9 oM**d.** wahlala phansi
**DALELANGA,** Isay 45:18 Ongawu**d.** ize umhlaba
**DALELWA,** Isay 65:11 iwayini likankulunkulu woku**D.**
**DALWA,** Hu 104:30 uthumela umoya wakho, ziya**d.**
Kol 1:16 kwa**d.** ngayo zonke izinto
**DALWENI,** Rom 1:20 zibonakala kusukela eku**d.** kwezwe
**DANGALI,** Kol 3:21 ningabathukuthelisi ukuze banga**d.**
**DANGELE,** Isay 57:15 Ukuze ngivuselele o**d.**
Flp 2:26 [U-Ephafrodithu] u**d.**
**DANSA,** Hlu 11:34 kwaphuma indodakazi yakhe i**d.**!
**DATSHUKELWA,** 1Ko 15:19 singaboku**d.** kunabo bonke
**DAVIDE,** 1Sa 16:13 uSamuweli wagcoba u**D.**
Luk 1:32 isihlalo sobukhosi sika**D.** uyise
IzE 2:34 u**D.** akazange anyukele emazulwini
**DEBE,** IzA 10:19 olawula izin**d.** wenza ngokuqonda
Isay 29:13 Singidumisa ngezin**d.** zaso
Hos 14:2 Sizonikela ngokudumisa kwezin**d.** zethu
**DEBESELA,** Dan 6:4 akukho ku**d.** kuDaniyeli
**DEBESELI,** 1Ti 4:14 Ungasi**d.** isiphiwo esikuwe
**DEDENGU,** IzA 14:16 oyisiphukuphuku wenza ngobu**d.**
**DELA,** Flp 2:7 wazi**d.**, waba njengesigqila
**DELE,** Mat 16:24 makazi**d.** athathe
**DELELE,** 1Sa 17:26 ungubani ukuba a**d.** ibutho lempi
2Sa 12:14 um**d.** ingcaca uJehova
**DELELEKILE,** Num 21:5 thina sesiyasizonda isinkwa esi**d.**
**DELELWA,** Isay 53:3 Wa**d.** wagwenywa ngabantu
**DEMONI,** Mat 8:28 amadoda amabili anama**d.**
IzE 16:16 eyayinomoya, i**d.** lokubhula
1Ko 10:20 izizwe zihlabela ama**d.**
1Ko 10:21 ukudla etafuleni lama**d.**
Jak 2:19 ama**d.** ayakholwa athuthumele
**DENARIYU,** Luk 7:41 yayikweleta o**d.** abangu-500
**DEVELI,** Mat 25:41 umlilo waphakade olungiselelwe u**D.**
Luk 4:6 U**D.** wathi, leli gunya linikezwe mina
Luk 8:12 u**D.** uthatha izwi ezinhliziyweni
Joh 8:44 nivela kuyihlo u**D.**
Efe 4:27 ningamniki u**D.** ithuba
Efe 6:11 melana ngokuqinile no**D.**
Jak 4:7 melanani no**D.** uyonibalekela
1Pe 5:8 u**D.** uzulazula njengebhubesi elibhongayo
1Jo 3:8 uzobhidliza imisebenzi ka**D.**
IsA 12:12 Maye ngoba u**D.** wehlele kini
IsA 20:10 U**D.** waphonswa echibini lomlilo
**DIKIBALA,** IzA 24:10 uma u**d.** ngosuku lokucindezeleka
**DIKIBALI,** 2Kr 15:7 ninga**d.**
**DILI,** Isay 25:6 I**d.** lezibiliboco, i**d.** lewayini
**DINA,** Gen 34:1 u**D.** wayevame ukuphuma ayovakasha
Mal 1:13 Bheka! Kwaze kwanesi**d.**!
**DINGA,** Job 23:12 Ngenze okungaphezu kwabeku**d.**
Mat 6:32 UYihlo uyazi ukuthi niyazi**d.** zonke lezi zinto
**DINGA UNKULUNKULU,** Mat 5:3 ukuthi bayam**d.**
**DINGEKA,** Rom 12:3 emkhulu kunalokho oku**d.**
**DINGO,** Rom 12:13 nabangcwele ngokwezi**d.**
Rom 13:5 Ngakho kunesi**d.** sokuba nizithobe
**DIVOSA,** Mat 19:9 o**d.** ngaphandle kwesizathu
Mar 10:11 o**d.** umkakhe ashade nomunye
**DIVOSI,** Mal 2:16 ngiyayizonda i**d.**
**DLA,** Hu 37:25 Noma izingane zakhe ziswele uku**d.**
Hu 145:15 Uyinika uku**d.** kwayo ngenkathi yako
IzA 16:18 Ukuzi**d.** kwandulela ukuphahlazeka
Mat 24:45 ibanike uku**d.** ngesikhathi esifanele?
Joh 4:34 Uku**d.** kwami kuwukuba ngenze intando
Joh 6:27 Ningasebenzeli uku**d.** okonakalayo
IzE 14:17 eninika izimvula, enanelisa ngoku**d.**
1Ko 8:13 uma uku**d.** kwenza umfowethu akhubeke
**DLALA,** Gen 19:14 uLoti wabonakala sengathi uya**d.**
**DLALELA,** IzA 26:19 Bengizi**d.**!
**DLALO,** IzA 10:23 okuhlazisayo kufana nom**d.**
**DLELWENI,** Isay 30:23 imfuyo yenu iyoklaba ema**d.**
**DLI,** 1Ko 5:11 ninga**d.** ngisho nokudla nomuntu onjalo
2Th 3:10 engafuni ukusebenza, makanga**d.** futhi
**DLO SENKOSI SAKUSIHLWA,** 1Ko 11:20 nidle iSi**d.**
**DLOVA,** Gen 6:11 umhlaba wawusugcwele ubu**d.**
Hu 5:6 UJehova uyabenyanya abanobu**d.**
Hu 11:5 Uyamzonda umuntu othanda ubu**d.**
**DLOVENI,** Hu 72:14 Iyobakhulula ebu**d.**
**DLUBULUNDA,** 1Sa 15:23 uku**d.** kuyafana nesono
**DLUBULUNDI,** Num 20:10 Lalelani lana nina zi**d.**!
**DLULA ZONKE,** 1Ko 12:31 ngizonibonisa indlela ezi**d.**
**DOBA,** Luk 5:10 manje kuqhubeke uzo**d.** abantu
**DOBI BABANTU,** Mat 4:19 ngizonenza aba**d.**
**DODA,** 1Ko 16:13 niqhubeke njengama**d.**
Efe 5:25 Ma**d.**, qhubekani nithanda omkenu
**DODAKAZI,** Jow 2:28 nama**d.** enu ayoprofetha
Luk 8:49 In**d.** yakho isishonile
IzE 21:9 ama**d.** amane angashadile, ayeprofetha
2Ko 6:18 niyoba amadodana nama**d.** kimi
**DODANA,** Gen 6:2 ama**d.** azithathela abafazi

1Sa 8:3 ama**d.** awahambanga ezinyathelweni
Isay 66:8 iZiyoni lazala ama**d.**
**DODANA KANKULUNKULU,** Job 38:7 ama**d.** ahalalisa
Rom 8:14 abaholwa umoya bangama**d.**
**DOKOTELA,** Luk 5:31 Abayimiqemane abamdingi u**d.**
**DOLOBHA,** Luk 4:43 ngishumayele nakwamanye ama**d.**
Heb 11:10 i**d.** elinezisekelo zangempela
**DOLOBHA ESIPHEPHELO,** Num 35:11 ama**d.** onilungela
Jos 20:2 Zikhetheleni ama**d.**
**DONGA,** Jos 6:5 U**d.** lwedolobha luyobe selubhidlika
Hez 38:11 abahleli ezindaweni ezingavikelwe yizin**d.**
**DONGENI,** Dan 5:5 iminwe ibhala o**d.** lwesigodlo
Jow 2:7 Bakhuphuka o**d.** njengamasosha
**DONSA,** Joh 6:44 ngaphandle kokuba uBaba em**d.**
**DORKA,** IzE 9:36 umfundi okunguThabitha, u**D.**
**DRAKO,** IsA 12:9 waphonswa phansi u**d.** inyoka
**DUDUZA,** Hu 94:19 ngikhungethwe zinkathazo, wangi**d.**
2Ko 1:4 ukuze sikwazi uku**d.** abanye
1Th 2:11 saqhubeka sinikhuthaza, sini**d.**
**DUDUZE,** Job 2:11 bayozwelana noJobe bam**d.**
Isay 61:2 ngi**d.** bonke abalilayo
**DUDUZI,** Job 16:2 ningaba**d.** abayinkathazo!
**DUDUZILE,** Isay 49:13 uJehova uba**d.** abantu bakhe
**DUDUZWA,** Jer 31:15 URaheli wenqaba uku**d.**
Mat 5:4 Bayajabula abalilayo, bayo**d.**
**DUKILE,** Hu 119:176 Ngi**d.** njengemvu elahlekile
Hez 34:4 ezi**d.** anizibuyisanga
**DUKISE,** Mat 24:24 ba**d.** nabakhethiwe
**DUKISWA,** Gal 6:7 Ninga**d.**: UNkulunkulu akahlekwa
**DUMAZEKE,** Rom 9:33 oba nokholo kulo ngeke a**d.**
**DUMAZEKENI,** Rom 5:5 ithemba aliholeli eku**d.**
**DUMISA,** Hu 147:1 Kumnandi kuyafaneleka ukum**d.**!
IzA 3:9 **D.** uJehova ngezinto zakho eziyigugu
**DUMISANI UJAH,** Hu 146:1 **D.**! mphefumulo wami
IsA 19:1 lesixuku esikhulu ezulwini. Sathi: **D.**!
**DUMISAYO,** IzA 27:2 Makube omunye umuntu oku**d.**
**DUMISE UJAH,** Hu 150:6 okuphefumulayo—maku**d.**
**DUMO,** Rom 12:10 Ekubonisaneni u**d.** nihole
1Ti 5:17 njengabafanelwe u**d.** oluphindiwe
2Ti 2:20 izitsha zomsebenzi ono**d.**
**DUNYISWA,** 1Kr 16:25 uJehova uyakufanelekela uku**d.**
IzA 27:21 Nomuntu uvivinywa uku**d.** akutholayo
**DUZE,** Hu 145:18 UJehova use**d.** nabambizayo
**DWA,** 1Ko 8:6 uNkulunkulu oye**d.**, iNkosi eyo**d.**
**DWALA,** Dut 32:4 Uyi**D.**, uphelele umsebenzi wakhe
**DWALENI,** Mat 7:24 owakha indlu yakhe e**d.**
**DWEBE EMZIMBENI,** Lev 19:28 akumele nizi**d.**

## E

**EBA,** IzA 30:9 bese ngiy**e.** ngihlaze igama
Efe 4:28 Owebayo makangabe es**e.**
**EBI,** Eks 20:15 Ung**e.**
**EDENE,** Gen 2:8 uNkulunkulu watshala insimu e-**E.**
**EFESU,** 1Ko 15:32 ngalwa nezilo zasendle e-**E.**
**ELI,** 1Sa 1:3 amadodana ka-**E.** ayekhonza
**ELIYA,** Jak 5:17 U-**E.** umuntu onemizwa efana neyethu
**ENOKE,** Gen 5:24 U-**E.** wahamba noNkulunkulu
**ENZA,** 2Pe 1:5 yenzani konke eningakw**e.**
**ENZEKA,** Mat 19:26 Kubantu akunakw**e.**, kuNkulunkulu
**ENZI,** Rom 7:15 Angikw**e.** engikufisayo, kodwa
Jak 1:22 yibani ab**e.** bezwi
1Jo 3:6 ohlala emunye naye akas**e.** isono
**ENZI BOKUTHULA,** Mat 5:9 Bayajabula ab**e.**
**ENZI LUSIZI,** Efe 4:30 ningaw**e.** umoya ongcwele
**ESAWU,** Gen 25:34 u-**E.** walidelela ilungelo lobuzibulo
Heb 12:16 ongazazisi izinto ezingcwele, njengo-**E.**
**EVODIYA,** Flp 4:2 Nginxusa u-**E.** noSintike ukuba
**EZRA,** Ezr 7:11 u-**E.** umpristi, oyisazi semiyalo

## F

**FA,** Num 18:20 Yimi isabelo sakho ne**f.** lakho
Rut 1:17 siyohlukaniswa enye into ngaphandle koku**f.**
Job 14:14 Uma umuntu e**f.**, angabuye aphile?
Hu 127:3 Abantwana bayi**f.** elivela kuJehova
Isay 25:8 Uyogwinya uku**f.** kuze kube phakade
Hez 18:32 Ayikho injabulo engiyitholayo ngoku**f.**
Hos 13:14 Luphi udosi lwakho Ku**f.**?
Mat 5:5 abamnene bayodla i**f.** lomhlaba
Mat 25:34 nizuze i**f.** loMbuso enawulungiselelwa
Joh 8:51 ogcina izwi lami, akasoze akubona uku**f.**
Joh 11:25 noma e**f.**, uyophila
Joh 11:26 obonisa ukholo kimi akasoze a**f.**
Rom 5:12 uku**f.** kwasakazekela kubantu
Rom 6:23 inkokhelo yesono uku**f.**
Rom 14:8 uma si**f.**, singabakaJehova
1Ko 15:26 uku**f.**, kuzokwenziwa ize
Efe 1:18 ingcebo ayigcine njenge**f.** labangcwele
Heb 2:9 uJesu anambithe uku**f.** ngenxa yabantu
Heb 2:15 ababeyizigqila ngenxa yokwesaba uku**f.**
IsA 21:4 uku**f.** ngeke kusaba khona
**FAKAZA,** Joh 7:7 liyangizonda, ngoba ngi**f.** ngalo
**FAKAZELE,** Joh 18:37 ukuba ngi**f.** iqiniso
**FAKAZI,** Dut 19:15 ngobu**f.** babantu ababili
Isay 43:10 Ningo**f.** bami kusho uJehova
Mat 18:16 ngobu**f.** babantu ababili
Mat 24:14 ziyoshunyayelwa ukuze kube ubu**f.**
IzE 1:8 nizoba o**f.** bami
IzE 10:42 Wasiyala ukuba sinikeze ubu**f.**
IzE 28:23 ngokunikeza ubu**f.** obuphelele ngoMbuso
IsA 1:5 uJesu Kristu, u**F.** Othembekile
IsA 11:3 o**f.** bami ababili ukuba baprofethe
**FA KWESIBILI,** IsA 2:11 akasoze athintwa uku**f.**
IsA 20:6 uku**f.** akunalo igunya phezu kwabo
IsA 20:14 Lokhu kusho uku**f.**
**FANA,** Jer 1:7 Ungasho ukuthi, ngisewum**f.** nje
**FANEKISO,** Gen 1:26 Masenze umuntu ngom**f.** wethu
Eks 20:4 Ungazenzeli um**f.** obaziwe
Mat 13:34 uJesu wakhuluma ngemi**f.**
Mar 4:2 Wasifundisa esebenzisa imi**f.**
**FANELE,** Mat 10:37 othanda uyise kunami akangi**f.**
Luk 15:19 Akusangi**f.** ukubizwa ngendodana
Rom 13:13 Masiphile ukuphila oku**f.**
1Ko 7:3 Indoda mayinikeze umkayo okum**f.**
1Ko 11:27 aphuze indebe ngokunga**f.**
1Ko 14:40 izinto mazenzeke ngendlela e**f.**
Efe 4:1 nihambe ngendlela e**f.** ukubizwa
Kol 1:10 nihambe ngoku**f.** uJehova, nimjabulise
Heb 11:38 izwe lalingaba**f.**
1Pe 2:19 lapho ehlupheka ngokunga**f.**
IsA 4:11 Kuku**f.** Jehova, ukwamukela

**FANELEKA,** 2Ko 3:5 ukuf. kwethu ngokwanele kuvela
**FANELEKAYO,** Mat 10:11 funani of.
**FANELEKELA,** 2Ti 2:2 amadoda ayokuf. ukufundisa
**FANELWE,** IzE 13:46 ningazahluleli njengabaf. ukuphila
2Th 1:5 nibalwe njengabaf. ukungena eMbusweni
**FANISA,** Isay 46:5 Nizongif. nobani
**FANYANA,** Isay 11:6 Nomf. uyokuhola
**FASITELENI,** IzE 20:9 u-Evitiku, owayehlezi ef.
**FAZI,** Gen 27:46 Uma uJakobe engathatha umf.
1Kh 11:3 Wayenabaf. abangu-700 nezancinza
IzA 5:18 Ujabule ngomf. wobusha bakho
IzA 12:4 Umf. onekhono ungumqhele kumyeni
IzA 18:22 Lowo othole umf. omuhle, uthole into enhle
IzA 21:19 Kunokuhlala nomf. othanda ingxabano
IzA 31:10 Ubani ongathola umf. okhaliphile
Shu 9:9 Jabulela ukuphila nomf. wakho
1Ko 7:2 yileyo naleyo ndoda mayibe nowayo umf.
Efe 5:22 Abaf. mabazithobe kubayeni babo
**FE,** Gen 3:4 Ngokuqinisekile ngeke nif.
1Th 4:16 abaf. bemunye noKristu bayovuka kuqala
**FEBE,** IzA 7:10 Egqoke njengesif.
Luk 15:30 le ndodana eyadla izinto zakho nezif.
1Ko 6:16 ohlanganiswe nesif., umzimba munye naso
IsA 17:1 kwesif. esihlala phezu kwamanzi amaningi
IsA 17:16 ziyosizonda isif. zisicekele phansi
**FELA,** 2Ko 5:15 baphilele lowo owabaf.
**FELOKAZI,** Hu 146:9 UJehova usekela intandane nomf.
Mar 12:43 lo mf. ufake okungaphezu kokwabo
Luk 18:3 nomf. owayelokhu eya kuye, ethi
Jak 1:27 ukunakekela izintandane nabaf.
**FENI,** 1Th 4:13 abangenalwazi ngabalele ekuf.
1Pe 1:4 ef. elingangcolile nelingabuni
**FEZANGA,** Isay 55:11 Ngeke libuyele kimi lingaf. lutho
**FI,** Hu 89:48 Yimuphi umuntu ongaphila angaf.?
1Ko 15:53 okufayo kumele kugqoke ukungaf.
**FICE,** Luk 21:34 lolo suku lunif. ngaso leso sikhathi
**FIHLA,** IzA 28:13 Of. iziphambeko zakhe
**FIHLIWE,** Luk 8:17 alukho oluf. olungeke lubonakale
**FIHLO ENGCWELE,** Rom 16:25 imf. ebigciniwe
Efe 3:4 ukuqonda kwami le mf.
**FIKI,** Eks 22:21 Akumele niphathe kabi isif.
Num 9:14 nomthetho owodwa, koyisif.
Dut 10:19 kumele nisithande isif.
**FILE,** Shu 9:5 abaf. bona abazi lutho
Luk 15:24 le ndodana yami ibif., manje isiyaphila
Luk 20:38 Ungowabaphilayo, akayena owabaf.
Efe 2:1 nakuba nanif. ezonweni zenu
IsA 14:13 Bayajabula abaf., abafa bemunye neNkosi
**FILIPHU,** IzE 8:26 ingelosi kaJehova yakhuluma noF.
IzE 21:8 kaF. umvangeli
**FILOSOFI,** Kol 2:8 onithumba ngef.
**FINEHASI,** Num 25:7 uF. wathatha umkhonto
**FISA,** Efe 1:5 ngokuf. kwakhe nangentando yakhe
**FISI,** Eks 20:17 Ungaf. umfazi womunye umuntu
**FISO,** Gen 8:21 izif. zenhliziyo zimbi kusukela ebusheni
1Kr 28:9 uqonda yonke imicabango nezif.
Hu 51:12 Ngenze ngibe nesif. sokufuna ukukulalela
Hu 145:16 Wanelise isif. sayo yonke into ephilayo
Rom 7:18 nginesif. sokwenza okuhle, kodwa
Rom 16:18 ayizigqila zezif. zawo
Gal 5:16 ngeke nifeze izif. zenyama
Efe 2:3 saziphatha ngokuvumelana nezif. zenyama
Flp 2:13 eninikeza isif. sokwenza
2Ti 2:22 balekela izif. zobusha
Jak 1:14 ngokuhehwa nangokuyengwa yisif. sakhe
1Jo 2:16 isif. senyama nesif. samehlo
**FISWA,** Hu 37:4 Uyokunika okuf. yinhliziyo yakho
**FISWENI,** 1Pe 2:11 niqhubeke nideda ezif. zenyama
**FO,** Mat 9:35 elapha yonke inhlobo yesif.
**FO EZIWUMSHAYABHUQE,** Luk 21:11 kuyoba nezif.
**FOHLOKILE,** Isay 42:3 Akukho mhlanga of. ayowuphula
**FOWABO,** Mat 13:55 nabaf. oJakobe noJosefa
Mat 23:8 nonke nina ningabaf. bomunye nomunye
**FOWENU,** IzA 17:17 uba umf. ngesikhathi sosizi
IzA 18:24 umngani onamathela ngaphezu komf.
**FOWETHU,** Mat 25:40 enikwenze komunye wabaf.
**FU,** Shu 11:4 obheka amaf. ngeke avune
Mat 24:30 iNdodana yomuntu iza iphezu kwamaf.
Heb 12:1 if. elikhulu kangaka lofakazi
**FUBENI,** Isay 40:11 Iwagone esif. sayo
**FULA,** IsA 12:16 umhlaba wagwinya umf.
IsA 22:1 Yangibonisa umf. wamanzi okuphila
**FUMBATHISO,** Shu 7:7 nesif. sonakalisa inhliziyo
**FUNA,** 1Kr 28:9 Uma umf., uyomthola
Hu 119:176 **F.** inceku yakho
Mik 6:8 Yini uJehova ayif. kuwe?
Joh 4:23 uBaba uf. abanjalo
Kol 3:1 qhubekani nif. izinto zaphezulu
**FUNANI,** Isay 55:6 **F.** uJehova esatholakala
Zef 2:3 **F.** uJehova, nonke nina abamnene
**FUNDA,** Flp 4:9 Izinto enazif., qhubekani nizenza
2Ti 3:7 baf. njalo kodwa akwenzeki balazi
**FUNDAYO,** IzE 8:30 Uyakwazi ngempela lokho okuf.?
**FUNDE,** Dut 4:10 Qoqela abantu ndawonye, ukuze baf.
Dut 17:19 Kumele iwuf. zonke izinsuku
**FUNDI,** Mat 28:19 niyokwenza abantu babe abaf.
Joh 8:31 Uma nihlala ezwini lami, ningabaf. bami
Joh 13:35 ningabaf. bami—uma nithandana
**FUNDILE,** Joh 7:15 ebe engaf.?
IzE 4:13 noJohane babengabantu abangaf.
**FUNDISA,** Hlu 13:8 azosif. esizokwenza kumntwana
IzA 9:9 **F.** olungile, uyokwenezela
Jer 31:34 ngeke esaf. umfowabo
Mat 7:28 zakhexa ngenxa yendlela ayef. ngayo
Mat 7:29 wayezif. njengomuntu onegunya
Mat 15:9 sif. imiyalo yabantu njengezimfundiso
Rom 2:21 wena of. omunye awuzifundisi wena?
**FUNDISAYO,** Hu 119:99 Nginokuqonda kunabangif.
Isay 48:17 Lowo okuf. ukuze uzuze
Joh 7:16 Lokho engikuf. akukhona okwami
**FUNDISE,** Ezr 7:10 wayelungise inhliziyo ukuba af.
Hu 32:8 ngikuf. indlela okufanele uhambe ngayo
Hu 143:10 Ngif. ukwenza intando yakho
Mat 28:20 nibaf. ukugcina konke
1Ti 2:12 Angimvumeli owesifazane ukuba af.
**FUNDISI,** Efe 4:11 abanye njengabelusi nanjengabaf.
**FUNDISWA,** Isay 54:13 abantwana bayof. uJehova
**FUNDISWE,** Rom 15:4 zalotshelwa ukuba kuf. thina
**FUNE,** Luk 15:8 ashanele indlu yakhe aluf.
IzE 17:27 ukuze zif. uNkulunkulu

**FUNELA,** Hez 34:11 ngizozi**f.** izimvu zami
**FUNGA,** Gen 22:16 Ngizi**f.** mina, kusho uJehova
Hlu 11:30 UJefta wa**f.**
**FUNGI,** Mat 5:34 Ninga**f.** nhlobo
**FUNGO,** Dut 23:21 Uma wenza isi**f.** kuJehova
IzA 17:18 wenza isi**f.** sokukhokha isikweletu
**FUNWA,** Luk 12:48 onikwe okuningi, kuyo**f.** okuningi
**FUTHA,** 1Kh 17:16 imbiza encane yama**f.** ayizange iphele
Mat 25:4 ezihlakaniphile zaphatha ama**f.** nezibani
Mar 14:4 Kungani la ma**f.** esaphazwa?

## G

**GABADELA,** Hu 19:13 Nqanda inceku ezenzweni zoku**g.**
IzA 11:2 Lapho kufika uku**g.**
**GABADELAYO,** Dut 17:12 Umuntu o**g.** ngokungamlaleli
**GABENI SAKHE,** 1Ko 15:23 yilowo nalowo esi**g.**: UKristu
**GABISA,** 1Jo 2:16 uku**g.** ngalokho umuntu aziphilisa
**GABRIYELI,** Luk 1:19 U-**G.** ophambi kukaNkulunkulu
**GALIKHI,** Num 11:5 sikhumbula u-anyanisi no**g.**!
**GAMA,** Gen 11:4 Masakhe umbhoshongo sizenzele i**g.**
Eks 3:13 Uma bethi, Ubani i**g.** lakhe?
Eks 3:15 UJehova. Yileli i**g.** lami kuze kube phakade
Eks 9:16 ngenze i**g.** lami limenyezelwe emhlabeni
Eks 20:7 Ungalisebenzisi kabi i**g.**
1Sa 17:45 ngiza nge**g.** likaJehova
1Kr 29:13 sidumisa i**g.** lakho elihle
Hu 9:10 abalaziyo i**g.** lakho bayothembela kuwe
Hu 79:9 Sisize, ngenxa ye**g.** lakho
IzA 18:10 I**g.** likaJehova lingumbhoshongo oqinile
IzA 22:1 Yi**g.** elihle okumele likhethwe kunengcebo
Shu 7:1 I**g.** elihle lingcono kunamafutha amahle
Jer 23:27 ukwenza abantu bami bakhohlwe yi**g.** lami
Hez 39:25 ngizolilwela ngentshiseko i**g.** lami
Mal 1:11 i**g.** lami liyoba likhulu phakathi kwezizwe
Mal 3:16 nalabo abacabanga nge**g.** lakhe
Mat 6:9 malingcweliswe i**g.** lakho
Joh 12:28 Baba, khazimulisa i**g.** lakho
Joh 17:26 Ngibazisile i**g.** lakho
IzE 4:12 alikho i**g.** okumele sisindiswe ngalo
IzE 15:14 ukuze athathe kuzo isizwe se**g.** lakhe
Rom 10:13 obiza i**g.** likaJehova uyosindiswa
Flp 2:9 i**g.** elingaphezu kwawo wonke ama**g.**
**GAMALIYELI,** IzE 22:3 umJuda owafundiswa ngu**G.**
**GAMENI,** Joh 14:14 Uma nicela noma yini e**g.** lami
**GANISELANE,** Dut 7:3 Akumele ni**g.** nazo.
**GATSHA,** Joh 15:4 i**g.** alikwazi ukuthela izithelo
**GAXEKILE,** 1Ti 5:13 no**g.** ezindabeni zabanye abantu
1Pe 4:15 makungabikho ohlupheka ngoba engu**g.**
**GAYEGAYE,** Zef 1:15 Usuku lobumnyama nesi**g.**
**GAZI,** Gen 9:4 inyama ene**g.** akumele niyidle
Lev 7:26 Akumele nidle noma yiliphi i**g.**
Lev 17:13 athulule i**g.** lako aligqibe ngomhlabathi
Hu 72:14 I**g.** labo liyoba yigugu emehlweni ayo
Hez 3:18 i**g.** lakhe ngiyolifuna kuwe
Mat 26:28 lokhu kusho i**g.** lami lesivumelwano
Mat 27:25 I**g.** lakhe malehlele kithi nakubantwana
IzE 20:28 alithenga nge**g.** leNdodana yakhe
Efe 1:7 ukukhululwa ngesihlengo nge**g.** lakhe
1Pe 1:19 nge**g.** eliyigugu likaKristu
1Jo 1:7 i**g.** likaJesu lisihlanza kuso sonke isono
IsA 18:24 kwatholakala kulo i**g.** labangcwele
**GAZINI,** Lev 17:11 ukuphila kwenyama kuse**g.**
IzE 15:29 niqhubeke nideda e**g.**
IzE 20:26 ngimsulwa e**g.** labo bonke abantu
**GCINA,** Isay 2:2 Ezinsukwini zoku**g.**
Mat 28:20 nibafundise uku**g.** konke
Joh 14:15 Uma ningithanda, niyo**g.** imiyalo yami
**GCOBA,** 1Sa 16:13 uSamuweli wam**g.** uDavide
**GCOBILE,** Isay 61:1 ungi**g.** ukuba ngimemezele
**GCOTSHIWE,** Hu 2:2 Amakhosi amelana no**g.** wakhe
Hu 105:15 Ningabathinti aba**g.** bami
Isay 45:1 ko**g.** uKoresi, abambe isandla sakhe
**GCWALISA,** Mat 5:17 ngizele uku**g.**
**GCWALISE,** Gen 1:28 ni**g.** umhlaba niwunqobe
**GCWELE,** 1Th 4:1 ukuba niqhubeke nikwenza ngoku**g.**
**GEHAZI,** 2Kh 5:20 u**G.** wathi ngizogijima ngimlandele
**GEHENA,** Mat 10:28 onganibhubhisa e**G.**
**GEJENI,** Luk 9:62 isandla sakhe e**g.** abheke emuva
**GEZA,** Joh 13:5 waqala uku**g.** izinyawo zabafundi
**GEZE,** 2Kh 5:10 eJordani u**g.** khona kasikhombisa
**GEZISISE,** Hu 51:2 Ngi**g.** esiphambekweni sami
**GEZWA,** 1Ko 6:11 seniye na**g.** nahlanzeka; nangcweliswa
**GIBE,** IzA 29:25 Ukwesaba abantu kuwu**g.**
Luk 21:34, 35 lolo suku lunifice njengo**g.**
**GIBHEYONI,** Jos 9:3 Abase**G.** nabo bezwa
**GIBHITHE,** Mat 2:15 indodana yami ukuba iphume e**G.**
**GIDEYONI,** Hlu 7:20 Inkemba kaJehova neka**G.**!
**GIJIMA,** Gal 5:7 Nani**g.** kahle. Ubani onithiyile?
**GIJIMANI,** 1Ko 9:24 **G.** ngendlela yokuba niwuthole
**GIJIMILE,** 2Ti 4:7 ngiwu**g.** umncintiswano ngawuqeda
**GILEBHISI,** Mik 4:4 ngaphansi kwesihlahla sakhe sama**g.**
Joh 15:1 ngiyisihlahla sama**g.** sangempela, uBaba
**GODI,** IzA 26:27 Ogubha um**g.** uyowela kuwo
**GODINI,** Dan 6:7 aphonswe em**g.** wamabhubesi
Mat 15:14 ihola impumputhe, zombili ziyowela em**g.**
**GODLELANI,** 1Ko 7:5 Ninga**g.**
**GODLELE,** Hu 84:11 UJehova ngeke aba**g.** okuhle
**GODLELI,** IzA 3:27 Ungaba**g.** okuhle labo okufanele
**GOGEKILE,** Mat 15:31 nababe**g.** besindile
**GOLGOTHA,** Joh 19:17 iNdawo Yogebhezi, i-**G.**
**GOLIDE,** Hez 7:19 Isiliva ne**g.** ngeke kubasindise
Dan 3:1 UNebukhadinezari wenza isithombe se**g.**
**GOLIYATI,** 1Sa 17:4 ingqwele; igama layo kungu**G.**
**GOMORA,** Gen 19:24 isibabule nomlilo e**G.**
**GQILA,** IzA 22:7 Nobolekayo uyisi**g.** sobolekisayo
Joh 8:34 owenza isono uyisi**g.** sesono
1Ko 7:23 yekani ukuba yizi**g.** zabantu
**GQOKE,** IzA 7:10 E**g.** njengesifebe
**GQOKO SOKUZIVIKELA,** Efe 6:17 isi**g.** sensindiso
**GQUBU,** Lev 19:18 ungabambi i**g.**
1Ko 13:5 Alunama**g.**
**GUBUZELO,** 2Ko 3:15 um**g.** uphezu kwezinhliziyo zabo
**GUGILE,** Hu 71:9 Ungangilahli lapho sengi**g.**
Hu 92:14 noma sebe**g.**; bayohlala benomdlandla
**GUGU,** IzA 3:9 Dumisa uJehova ngezinto zakho eziyi**g.**
Dan 9:23 ungumuntu oyi**g.** kakhulu
Hag 2:7 izinto eziyi**g.** zazo zonke izizwe zizongena
1Pe 1:19 ngegazi eliyi**g.**, lelo likaKristu

**GULA,** Isay 33:24 Akekho oyothi: Ngiya**g.**
Isay 53:4 wathwala uku**g.** kwethu
**GULAYO,** Jak 5:14 Ukhona yini o**g.** phakathi kwenu?
**GUMBUQELA,** 2Ko 10:4 zinamandla oku**g.** izinto
**GUNYA,** Mat 28:18 Nginikwe lonke i**g.**
Luk 4:6 Ngizokunika lonke leli **g.** nenkazimulo
1Ko 9:18 ukuze ngingalisebenzisi kabi i**g.** lami
2Pe 2:10 nalabo abangalihloniphi i**g.**
**GUNYENI,** Rom 13:1 makazithobe ema**g.** aphakeme
**GUQULWA,** Mat 17:2 Isimo sakhe sa**g.** phambi kwabo
**GUQULWE,** Rom 12:2 mani**g.** ngokushintsha ingqondo
**GWADULE,** Isay 35:1 Ithafa eliwu**g.** liyojabula liqhakaze
Isay 35:6 imifudlana ethafeni eliwu**g.**
**GWALA,** 2Ti 1:7 akasinikanga umoya wobu**g.**
**GWAZA,** Zak 12:10 bayombheka lowo abam**g.**
**GWEBO,** Shu 8:11 isi**g.** asikhishwanga ngokushesha
2Ko 1:9 sasithole isi**g.** sokufa
**GWEGWILE,** Shu 1:15 Oku**g.** akunakuqondiswa
**GWENYWA,** Isay 53:3 Wadelelwa wa**g.** ngabantu
**GXAMALAZE,** 1Kh 18:21 ni**g.** phakathi kwemibono?
**GXILE,** Kol 3:2 izingqondo zenu zi**g.** ezintweni zaphezulu
1Ti 4:15 Zindla; u**g.**
**GXILILE,** 1Ko 15:58 aba**g.**, abangenakunyakaziswa
Kol 2:7 ni**g.** futhi nisimamiswa okholweni
**GXILISE,** Dut 6:7 uwa**g.** kubantwana bakho
**GXOBO SOKUHLUSHWA,** Mat 10:38 ongasamukeli isi**g.**
Luk 9:23 athathe isi**g.** usuku nosuku
**GXOTSHENI,** Luk 23:21 Makabethelwe esi**g.**!
Gal 3:13 Uqalekisiwe olengiswe esi**g.**

## H

**HAHA,** Luk 12:15 niqaphe zonke izinhlobo zoku**h.**
Kol 3:5 noku**h.**, okuwukukhonza izithixo
**HAHAYO,** 1Ko 5:11 niyeke ukuzihlanganisa nomuntu o**h.**
1Ko 6:10 aba**h.** ngeke balizuze ifa loMbuso
**HALELUYA. Bheka elithi DUMISANI UJAH.**
**HAMBA,** Joh 6:19 babona uJesu e**h.** phezu kolwandle
1Ko 7:15 uma ongakholwa ekhetha uku**h.**
**HAMBE,** Mik 6:8 u**h.** ngesizotha noNkulunkulu
**HAMBELE,** IzE 15:36 si**h.** abafowethu sibone banjani
**HAMBI,** Joh 10:5 azilazi izwi lezi**h.**
**HANGE,** Heb 6:19 ithemba njenge**h.** lomphefumulo
**HAWU,** Hu 84:11 uJehova uyilanga ne**h.**
Mat 9:36 Lapho ebona izixuku wafikelwa isi**h.**
Efe 6:16 thathani i**h.** elikhulu lokholo
**HAWUKELA,** Mat 20:34 wazi**h.** wathinta amehlo azo
**HAYIDESI. Bheka elithi THUNA.**
**HEZEKIYA,** 2Kh 19:15 U**H.** wabe esethandaza kuJehova
**HHASHI,** IsA 6:2 i**h.** elimhlophe, oligibele
IsA 19:11 kwaphuma i**h.** elimhlophe
**HLABA,** Gen 1:28 nigcwalise um**h.** niwunqobe
Eks 9:29 um**h.** ungokaJehova
Job 38:4 lapho ngakha isisekelo som**h.**?
Hu 37:11 abamnene bayodla ifa lom**h.**
Hu 37:29 Abalungile bayodla ifa lom**h.**
Hu 104:5 um**h.** ngeke ususwe endaweni yawo
Hu 115:16 um**h.** uwunike abantu
Isay 45:18 owawubumba um**h.** ukuze kuhlalwe kuwo
Mat 5:5 abamnene bayodla ifa lom**h.**
**HLABATHI,** Gen 22:17 inzalo yakho ibe ngangesi**h.**
IsA 20:8 Isibalo sazo singangesi**h.** solwandle
**HLABATHINI,** Mat 13:23 ohlwanyelwe en**h.** ekahle
**HLABAYO,** IzA 15:1 izwi eli**h.** libangela ulaka
**HLABELELA,** Efe 5:19 ni**h.** futhi nihubela
**HLABELELI,** 1Kr 15:16 UDavide wathi abamise aba**h.**
**HLABENI,** IzA 2:21 ngabaqotho abayohlala em**h.**
**HLAHLA,** Gen 2:9 isi**h.** sokwazi okuhle nokubi
Gen 2:9 isi**h.** sokuphila phakathi nensimu
Hu 1:3 Uyoba njengesi**h.** esitshalwe ngasemanzini
Isay 61:3 Bayobizwa ngokuthi izi**h.** zokulunga
Hez 47:12 zonke izinhlobo zezi**h.** ziyokhula
Dan 4:14 Gawulani isi**h.**, ninqume amagatsha aso
**HLAHLA SAMEVA,** IzE 7:30 iselangabini lesi**h.**
**HLAHLA SOMNQUMO,** Hu 52:8 njengesi**h.** endlini
**HLAHLENI,** IsA 2:7 ngiyomenza adle esi**h.** sokuphila
IsA 22:14 igunya lokuya ezi**h.** zokuphila
**HLAKANIPHA,** Hu 111:10 uJehova kuwukuqala koku**h.**
IzA 2:6 uJehova unikeza uku**h.**
IzA 2:7 Abaqotho ubagcinela uku**h.**
IzA 3:21 Londa uku**h.** nekhono lokucabanga
IzA 4:7 Uku**h.** kuyinto ebalulekile
IzA 8:11 uku**h.** kungcono kunamakhorali
IzA 9:9 Nika ohlakaniphile ulwazi, uyo**h.** nakakhulu
IzA 24:3 Indlu yakhiwa ngoku**h.**
IzA 27:11 **H.** ndodana yami, wenze inhliziyo
Shu 7:12 Uku**h.** kuyakulonda ukuphila
Shu 10:10 uku**h.** kusiza umuntu aphumelele
Mat 11:19 uku**h.** kubonakaliswa kulungile
Luk 16:8 wamncoma umphathi, ngoba enze ngoku**h.**
Luk 21:15 ngiyoninika amazwi noku**h.**
Rom 11:33 ukujula kwengcebo noku**h.** nolwazi
1Ko 2:6 hhayi uku**h.** kwaleli zwe
1Ko 3:19 uku**h.** kwaleli zwe kuwubuwula
Kol 2:3 Kuye kufihlwe yonke ingcebo yoku**h.**
Jak 1:5 uma noma ubani engenakho uku**h.**
Jak 3:17 uku**h.** kwaphezulu kunokuthula
**HLAKANIPHE,** Hu 119:98 ungenza ngi**h.** kunezitha zami
Luk 16:8 a**h.** kakhulu esizukulwaneni sawo
**HLAKANIPHENI,** 1Ko 2:5 ukholo lungasekelwa eku**h.**
**HLAKANIPHILE,** IzA 3:7 Ungabi o**h.** emehlweni akho
IzA 13:20 Ohamba naba**h.** uyo**h.**
Isay 5:21 Maye kulabo abazibona be**h.**
Dan 12:3 Aba**h.** bayokhanya njengokukhanya
Mat 11:25 uzifihlile lezi zinto kwaba**h.**
1Ko 1:26 abababningi aba**h.** ngendlela yenyama
Efe 5:15 hambani njengabantu aba**h.**
**HLALA,** Hu 110:1 **H.** ngakwesokudla sami ngize
1Jo 2:17 owenza intando kaNkulunkulu u**h.** phakade
**HLALE,** Dan 6:16 o**h.** umkhonza uzokusindisa
**HLALO SOBUKHOSI,** Hu 45:6 UNkulunkulu uyisi**h.** sakho
Luk 1:32 uyoyinika isi**h.** sikaDavide uyise
**HLALO SOKWAHLULELA,** Rom 14:10 phambi kwesi**h.**
**HLALO ZOBUKHOSI,** Dan 7:9 kwabekwa izi**h.**
**HLALWE KUWO,** Isay 45:18 owawubumba ukuze ku**h.**
**HLALWENI SOBUKHOSI,** Isay 6:1 uJehova esi**h.**
Mat 25:31 iNdodana yomuntu ifika, iyohlala esi**h.**
**HLALWENI SOKWAHLULELA,** Joh 19:13 uPilatu esi**h.**
**HLAMBALAZA,** Mat 5:11 Niyajabula lapho abantu beni**h.**

Mar 3:29 o**h.** umoya ongcwele
2Pe 2:10 uku**h.** abakhazimulayo
**HLAMBI,** Luk 12:32 Ungesabi m**h.** omncane
**HLAMBI OMNCANE,** Luk 12:32 Ungesabi m**h.**
**HLAMVU ZESILIVA,** Luk 15:8 onezin**h.** eziyishumi
**HLANE,** Isay 35:6 kuyoqhuma amanzi e**h.**
Isay 41:18 i**h.** libe yichibi lamanzi elinomhlanga
**HLANGA,** 1Ko 3:12 akhela phezu kwalesi sisekelo izin**h.**
**HLANGANA,** Heb 10:25 singakuyeki uku**h.** ndawonye
**HLANGANISA,** 1Ko 5:9 ukuzi**h.** nabaziphatha kabi
1Ko 15:33 Ukuzi**h.** nababi konakalisa
2Th 3:14 niyeke ukuzi**h.** naye
**HLANGANISELE,** Efe 1:10 ukuze a**h.** ndawonye kuKristu
**HLANGANO,** Lev 23:4 Nansi imi**h.** engcwele
**HLANGANYELANI,** Rom 12:13 **H.** izinto nabangcwele
**HLANYA,** Joh 10:20 Unedemoni futhi uya**h.**
**HLANZA,** Dan 12:10 Abaningi bayozi**h.**
**HLANZE,** Hu 51:2 Ungi**h.** esonweni sami
2Ko 7:1 masizi**h.** kukho konke ukungcola
**HLANZEKE,** Hab 1:13 Amehlo akho a**h.** kakhulu
**HLANZEKILE,** Zef 3:9 izizwe zishintshele olimini olu**h.**
Mat 5:8 Bayajabula aba**h.** enhliziyweni
**HLANZIWE,** Joh 15:3 seni**h.** ngenxa yezwi
**HLATHINI,** Mat 5:39 okushaya ngempama esi**h.**
**HLATSHELO,** 1Sa 15:22 Ukulalela kungcono kunom**h.**
2Sa 24:24 Ngeke nginikele imi**h.** ngingakhokhanga
Hu 40:6 Awuzange uyifise imi**h.** neminikelo
Hu 51:17 Imi**h.** ejabulisayo iwumoya ophukile
IzA 15:8 Um**h.** wababi uyanengeka kuJehova
Hos 6:6 ngijabula ngothando, hhayi ngom**h.**
Rom 12:1 ninikele imizimba yenu ibe um**h.** ophilayo
Heb 13:15 masinikele kuNkulunkulu um**h.** wokudumisa
**HLATSHWA,** Hu 44:22 Siphathiswa okwezimvu zoku**h.**
Isay 53:7 Walethwa njengemvu izo**h.**
**HLAWULELA,** Rom 3:25 waba umnikelo woku**h.**
**HLAWULELO,** Lev 16:34 kwenziwe isi**h.** kanye ngonyaka
1Jo 2:2 Ungumhlatshelo oyisi**h.**
**HLAWULO,** Hu 49:7 onganika uNkulunkulu in**h.**
**HLAZEKA,** Hu 25:3 akekho okwethembayo oyo**h.**
**HLAZO,** Efe 5:4 ukuziphatha okuyi**h.**
**HLE,** Gen 1:31 konke ayekwenzile, kwakuku**h.** kakhulu
Gen 3:5 njengoNkulunkulu, nazi oku**h.** nokubi
Dut 10:13 ugcine imiyalo ukuze kukuhambele ka**h.**
IzA 6:25 Ungabufisi ubu**h.** bakhe enhliziyweni yakho
IzA 19:11 kungubu**h.** ukushalazelela ukoniwa
IzA 31:30 nobu**h.** bungase bube obesikhashana
Hez 28:17 Inhliziyo yazidla ngenxa yobu**h.**
Mat 25:21 Wenze ka**h.**, nceku enhle nethembekile!
Luk 4:13 uDeveli wasuka kuze kube isikhathi esika**h.**
Rom 5:7 onesibindi sokufela umuntu omu**h.**
Rom 7:19 angikwenzi oku**h.** engikufisayo
Gal 6:10 masenze oku**h.** kubo bonke
**HLEBA,** IzA 20:19 nomuntu othanda uku**h.**
**HLEBI,** 1Ti 5:13 beyizin**h.** nogaxekile
**HLEHLELA,** Heb 10:39 uhlobo olu**h.** ekubhujisweni
**HLEHLISWA,** IzA 13:12 Uku**h.** kokulindelwe kuyagulisa
**HLEKA,** Hu 2:4 osesihlalweni sobukhosi uyo**h.**
IzA 14:13 noma e**h.**, inhliziyo ingaba sezinhlungwini
**HLEKELENI,** Gen 18:13 U**h.** uSara?
**HLEKI BOSULU,** 2Pe 3:3 kwezokugcina kuyofika aba**h.**
**HLEKISA,** Jer 20:7 Ngibe yin**h.**
Luk 22:63 aqala uku**h.** ngaye, emshaya
**HLEKISWE,** Luk 18:32 ku**h.** ngayo, futhi ikhafulelwe
**HLEKWA,** Gal 6:7 UNkulunkulu akayena owoku**h.** usulu
**HLELEKA,** Luk 1:3 ngikubhalele zona ngoku**h.**
1Ko 14:40 ngendlela efanele nangoku**h.**
**HLELEKILE,** Gal 5:25 sihamba ngoku**h.** ngomoya
1Th 5:14 nibaxwayise abanga**h.**
2Th 3:6 niqhele kumzalwane ohamba ngokunga**h.**
1Ti 3:2 umbonisi kufanele abe o**h.**
**HLELELI,** Rom 13:14 ningazi**h.** kusengaphambili izifiso
**HLELO,** 2Pe 2:1 bayongenisa ngesinyenyela ama**h.**
**HLENGA,** Hu 49:7 Akekho kubo onga**h.** umfowabo
**HLENGO,** Mat 20:28 yanikela ngokuphila kwaba yisi**h.**
Rom 8:23 ukukhululwa emizimbeni yethu ngesi**h.**
**HLO,** Hu 115:5 [izithombe] ziname**h.** kodwa aziboni
IzA 15:3 Ame**h.** kaJehova akuyo yonke indawo
**HLOBA,** 1Pe 3:3 Uku**h.** makungabi okwangaphandle
**HLOBISE,** Tit 2:10 zi**h.** imfundiso kaNkulunkulu
**HLOBISO,** Dan 11:45 intaba engcwele yoM**h.**
**HLOBO,** Mat 24:32 niyazi ukuthi i**h.** seliseduze
IzE 10:24 uKorneliyu wayebize izi**h.** zakhe
Efe 4:14 siyiswe le nale yizo zonke izin**h.** zemfundiso
2Pe 3:11 u**h.** lwabantu okufanele nibe yilo
**HLOLA,** IzA 21:2 uJehova u**h.** izinhliziyo
Dan 12:4 Abaningi bayoyi**h.** ngokucophelela
IzE 17:11 be**h.** ngokucophelela imiBhalo
2Ko 13:5 Qhubekani ni**h.** ukuthi nisokholweni yini
1Pe 1:10 ngale nsindiso ba**h.** ngokucophelela
**HLOLE,** Hu 26:2 Ngi**h.** Jehova, cwenga inhliziyo yami
Gal 6:4 yilowo nalowo maka**h.** izenzo zakhe
**HLOLISISA,** IzA 25:2 Nenkazimulo yamakhosi uku**h.**
**HLOLISISE,** 1Ko 11:28 makazi**h.** kuqala
**HLOLWE,** 1Ti 3:10 zi**h.** kuqala ukuthi ziyafaneleka yini
**HLOMELE,** 2Ti 3:17 ayi**h.** yonke imisebenzi emihle
**HLOMISA,** Heb 13:21 angani**h.** nenze intando yakhe
**HLONI,** Ezr 9:6 Nkulunkulu wami, ngizizwa nginama**h.**
Mar 8:38 noma ubani oba nama**h.** ngami
Rom 1:16 anginama**h.** ngezindaba ezinhle
1Ko 4:14 hhayi ukuba nginibangele ama**h.**
2Ti 1:8 ungabi nama**h.** ngokufakaza
2Ti 2:15 isisebenzi esingenama**h.** ngalutho
Heb 11:16 uNkulunkulu akanama**h.** ngabo
1Pe 4:16 ohlupheka engumKristu, angabi nama**h.**
**HLONIPHA,** Eks 20:12 **H.** uyihlo nonyoko
**HLONIPHE,** Efe 5:33 umfazi kufanele am**h.** umyeni
1Th 5:12 niba**h.** labo abasebenza kanzima
**HLONIPHO,** 1Pe 3:2 ukuziphatha okumsulwa nen**h.**
1Pe 3:15 nikulungele ukuzivikela ngen**h.** ejulile
**HLONISHWA,** IzE 24:3 M**h.** Feliksi
**HLUBUKA,** 2Th 2:3 kungakafiki kuqala uku**h.**
**HLUBUKI,** IzA 11:9 oyisi**h.** uchitha umakhelwane wakhe
**HLUKANA,** Mat 10:35 ngize ukuzobangela uku**h.**
Rom 16:17 niqaphele ababangela uku**h.**
1Ko 1:10 kungabi naku**h.** phakathi kwenu
**HLUKANI,** 1Ko 7:10 umfazi anga**h.** nomyeni wakhe
**HLUKANISA,** Mat 25:32 iyo**h.** abantu omunye komunye
Rom 8:39 ukusi**h.** nothando lukaNkulunkulu
Heb 5:14 aqeqeshelwa uku**h.** okulungile

**HLUKANISAYO,** IzA 18:1 Noma ubani ozi**h.** ufuna
**HLUKO,** Lev 11:47 ume**h.** phakathi kokungcolile
Mal 3:18 niwubone ume**h.** phakathi kolungile
**HLUKU,** IzA 11:17 umuntu onesi**h.** uzilethela izinkinga
IzA 12:10 nesihe sababi sinesi**h.**
**HLULELA,** Isay 26:9 lapho wa**h.** umhlaba
Luk 6:37 yekani ukwa**h.**, nani anisoze nahlulelwa
Joh 5:22 uBaba ukuphathise iNdodana ukwa**h.**
IzE 17:31 umise usuku ahlose ukwa**h.** ngalo
1Ko 6:2 anazi ukuthi abangcwele bayokwa**h.** izwe?
1Pe 4:17 ukwa**h.** kuqale endlini kaNkulunkulu
**HLULELE,** Luk 22:30 ezihlalweni zobukhosi, na**h.** izizwe
Rom 14:4 Ungubani wena ukuba wa**h.** inceku
Jak 4:12 ungubani ukuba wa**h.** umakhelwane?
**HLULELI,** Isay 33:22 uJehova unguMa**h.** wethu, uyiNkosi
Luk 18:2 uma**h.** owayengamesabi uNkulunkulu
**HLULELO,** Mat 7:2 isa**h.** enahlulela ngaso, nani
1Ko 11:29 uphuza isa**h.** esimlahlayo
**HLUNGU,** Hu 78:40 Bemzwisa ubu**h.** ogwadule!
IzA 14:10 Inhliziyo iyabazi ubu**h.** bayo
Rom 9:2 nginosizi olukhulu nobu**h.** obungapheli
**HLUNGWINI,** Rom 8:22 yonke indalo isezin**h.**
**HLUPHEKA,** Rom 8:17 izindlalifa uma si**h.** kanye naye
1Ko 12:26 Uma ilunga elilodwa li**h.**, wonke
1Pe 3:14 uma ni**h.** ngenxa yokulunga, niyajabula
**HLUPHEKAYO,** Luk 4:18 izindaba ezinhle kwaba**h.**
Joh 12:8 Aba**h.** nihlale ninabo
**HLUPHEKE,** Flp 1:29 ilungelo lokuba ni**h.** ngenxa yakhe
**HLUPHEKENI,** Job 36:15 ukhipha abahluphekile eku**h.**
Hu 119:50 Lena yinduduzo yami eku**h.** kwami
**HLUPHEKO,** Rom 8:18 izin**h.** zamanje azilutho
Heb 2:10 uMmeli Oyinhloko aphelele ngezin**h.**
1Pe 5:9 nazi ukuthi izin**h.** ezifanayo
**HLUSHIWE,** Hu 119:71 Kuhle ukuthi ngi**h.**
**HLUSHWA,** IsA 18:4 uma ningafuni uku**h.** kanye nalo
**HLUTHULELO,** Mat 16:19 Ngizokunika izi**h.** zoMbuso
Luk 11:52 nisuse isi**h.** solwazi
IsA 1:18 nginezi**h.** zokufa nezeThuna
**HLWANYELA,** Hu 126:5 aba**h.** imbewu ngezinyembezi
Shu 11:6 **H.** imbewu yakho ekuseni
**HLWANYELAYO,** Gal 6:7 noma yini umuntu ayi**h.**
**HOLA,** Hu 48:14 uNkulunkulu uyosi**h.** phakade
**HOLAYO,** Rom 12:8 o**h.**, makakwenze ngenkuthalo
Heb 13:7, 17 aba**h.** phakathi kwenu
**HOLELA,** Jer 22:13 Owenqaba uku**h.** umuntu
**HOLI,** IzA 28:16 Um**h.** uwasebenzisa kabi amandla
Mat 23:10 munye uM**h.** wenu, uKristu
**HOLO,** Shu 5:10 ngeke aneliswe um**h.**
**HORA,** Mat 24:36 nalolo suku nalelo **h.** akekho owaziyo
**HUBELANI,** Hu 96:1 **H.** uJehova ingoma
**HUME,** Mat 21:13 niyenza um**h.** wabaphangi
**HWEBI,** IsA 18:3 naba**h.** bomhlaba baceba

## I

**ISAKA,** Gen 22:9 Wabopha indodana yakhe u-**I.**
**ISRAYELI,** Gen 35:10 Igama lakho kuzoba u-**I.**
Hu 135:4 ukhethe u-**I.** ukuba abe impahla ekhethekile
Gal 6:16 ukuthula nesihe, ku-**I.** kaNkulunkulu

## J

**JABULA,** Hu 1:2 o**j.** ngomthetho kaJehova
Hu 32:1 Uya**j.** othethelelwe isono sakhe
Hu 37:4 **J.** kakhulu ngoJehova
Hu 94:12 iya**j.** indoda oyiqondisayo
Hu 137:6 izizathu zami ezinkulu zoku**j.**
Hu 144:15 Baya**j.** abanoNkulunkulu onguJehova!
Hu 149:4 uJehova uya**j.** ngabantu bakhe
IzA 8:30 Ngangi**j.** phambi kwakhe
Isay 65:13 Izinceku zami ziyo**j.**, nina nibe namahloni
Mat 5:3 Baya**j.** abaqaphelayo ukuthi bayamdinga
IzE 5:41 baphuma phambi kweSanhedrini, be**j.**
Rom 7:22 ngiya**j.** ngomthetho kaNkulunkulu
Flp 3:1 qhubekani ni**j.** eNkosini
**JABULANI,** Rom 12:12 **J.** ethembeni
Rom 12:15 **J.** nabajabulayo; khalani nabakhalayo
Flp 4:4 **J.** eNkosini ngaso sonke isikhathi, **J.**!
**JABULAYO,** 1Kr 28:9 khonza uNkulunkulu
ngomphefumulo o**j.**
2Ko 9:7 uNkulunkulu uthanda umuntu o**j.** lapho epha
1Ti 1:11 ngokwezindaba ezinhle zikaNkulunkulu o**j.**
**JABULE,** IzA 27:11 wenze inhliziyo yami i**j.**
Shu 8:15 kunokuba adle aphuze a**j.**
Rom 5:3 masi**j.** lapho sisezinsizini
**JABULELA,** 1Kr 29:9 Abantu baku**j.** ukwenza iminikelo
**JABULISA,** Hu 40:8 kuyangi**j.** ukwenza intando yakho
1Ko 10:33 ngizama uku**j.** bonke abantu
Gal 1:10 ingabe ngizama uku**j.** abantu?
Gal 1:10 Ukube bengisa**j.** abantu
3Jo 4 okungi**j.** kakhulu ukuthi baseqinisweni
**JABULISANGA,** Rom 15:3 ngisho noKristu akazi**j.** yena
**JABULISAYO,** Joh 8:29 isikhathi ngenza izinto ezim**j.**
**JABULISE,** Rom 15:2 maka**j.** umakhelwane amakhe
Efe 6:6 hhayi lapho nibhekiwe, ukuze nje ni**j.** abantu
Kol 1:10 ukuze nim**j.** ngokugcwele uJehova
**JABULISI,** Rom 15:1 singazi**j.** thina
**JAH,** Eks 15:2 U**J.** ungamandla ami nezikhwepha zami
Isay 12:2 u**J.**, uJehova uyizikhwepha zami
**JAKOBE 1.,** Gen 32:24 indoda ethile yabambana no**J.**
**JAKOBE 2.,** Luk 6:16 uJuda indodana ka**J.**
**JAKOBE 3.,** IzE 12:2 Wabulala u**J.** umfowabo kaJohane
**JAKOBE 4.,** Mar 15:40 uMariya unina ka**J.** Omncane
**JAKOBE 5.,** Mat 13:55 nabafowabo o**J.** noJosefa
IzE 15:13 sebeqedile ukukhuluma, u**J.** waphendula
1Ko 15:7 wabonakala ku**J.**, nakubo bonke
Jak 1:1 U**J.**, inceku kaNkulunkulu
**JEFTA,** Hlu 11:30 U**J.** wafunga
**JEHOSHAFATI,** 2Kr 20:3 u**J.** wesaba
**JEHOVA,** Eks 3:15 U**J.** yigama lami kuze kube phakade
Eks 5:2 Ungubani u**J.**? Angimazi nhlobo u**J.**
Eks 6:3 igama lami elithi **J.** angizange ngilembule
Eks 20:7 Ungalisebenzisi kabi igama lika**J.**
Dut 6:5 Kumele uthande u**J.** ngayo yonke inhliziyo
Dut 7:9 u**J.** unguNkulunkulu weqiniso, othembekile
Hu 83:18 igama lakho ngu**J.**, ungoPhezukonke
Isay 42:8 Ngingu**J.** Yilelo igama lami
Hos 12:5 U**J.** wamabutho
Mal 3:6 ngingu**J.**; angishintshi
Mar 12:29 u**J.** ungu**J.** oyedwa
Rom 14:8 noma sifa, singabaka**J.**

**JELE,** Mat 25:36 Ngangisej. nangivakashela
IzE 5:18 bafaka abaphostoli e**j.** lomphakathi
IzE 5:19 ingelosi kaJehova yavula iminyango ye**j.**
IzE 12:5 uPetru e**j.**, ibandla lalimthandazela
IzE 16:26 izisekelo ze**j.** zazamazama
Heb 13:3 Hlalani nibakhumbula labo abase**j.**
IsA 2:10 UDeveli uzoqhubeka ephonsa abanye e**j.**
**JEREMIYA,** Jer 38:6 u**J.** zamphonsa emthonjeni
**JERUSALEMA,** Jos 18:28 iJebusi, okungukuthi i**J.**
Dan 9:25 izwi lokuvuselelwa kwe**J.**
Mat 23:37 **J.**, **J.**, mbulali wabaprofethi
Luk 2:41 babejwayele ukuya e**J.** beyogubha iPhasika
Luk 21:20 lapho nibona i**J.** lihaqwe amabutho
Luk 21:24 i**J.** liyonyathelwa phansi yizizwe
IzE 5:28 senigcwalise i**J.** ngemfundiso yenu
IzE 15:2 kubaphostoli namadoda amadala e**J.**
Gal 4:26 i**J.** eliphezulu likhululekile, lingumama wethu
Heb 12:22 nisondele e**J.** lasezulwini
IsA 3:12 i**J.** Elisha elehla livela ezulwini
IsA 21:2 i**J.** Elisha, lehla livela ezulwini njengomakoti
**JESE,** 1Sa 17:12 u**J.** wayenamadodana angu-8
Isay 11:1 Kuyomila ihlumela esiqwini sika**J.**
**JESU,** Mat 1:21 kumele uyiqambe ngokuthi u**J.**
**JEZEBELI,** 1Kh 21:23 Izinja ziyomudla u**J.**
IsA 2:20 ubekezelela u**J.**
**JIKIJELEKE,** Efe 4:14 sibe yizingane, si**j.** le nale
**JOBE,** Job 1:9 u**J.** ubezomesaba yini uNkulunkulu?
Jak 5:11 Nizwile ngokukhuthazela kuka**J.**
**JOHANE 1.,** Mat 21:25 Ubhapathizo luka**J.**, lwaluvelaphi?
Mar 1:9 uJesu wabhapathizwa u**J.** eJordani
**JOHANE 2.,** Joh 1:42 unguSimoni, indodana ka**J.**
**JOHANE 3.,** Mat 4:21 indodana kaZebedewu no**J.**
**JOKA,** 1Kh 12:14 Ubaba wenza i**j.** lenu laba nzima
Mat 11:30 i**j.** lami ngelomusa nomthwalo wami ulula
**JOKENI,** 2Ko 6:14 Ningaboshelwa e**j.** nabangakholwa
**JONA,** Jon 2:1 U**J.** wathandaza esesiswini senhlanzi
**JONATHANI,** 1Sa 18:3 Isivumelwano sika**J.** noDavide
1Sa 23:16 U**J.** waya kuDavide, wamkhuthaza
**JORDANI,** Jos 3:13 amanzi e**J.** azonqamuka
2Kh 5:10 ugeze kasikhombisa e**J.**
**JOSEFA,** Gen 39:23 uJehova wayeno**J.**
Luk 4:22 bamangala bathi: Akuyona indodana ka**J.**?
**JOSHUWA,** Eks 33:11 u**J.** umsizi wakhe
**JOSIYA,** 2Kh 22:1 U**J.** wabusa iminyaka engu-31
**JU,** Eks 3:8 ezweni eligeleza ubisi no**j.**
IzA 25:27 Akukuhle ukudla u**j.** oluningi
**JUBA,** Mat 3:16 umoya kaNkulunkulu wehla njenge**j.**
Mat 10:16 abamsulwa njengama**j.**
**JUBANE,** Gen 33:14 nge**j.** lemfuyo yami nelabantwana
**JUBILI,** Lev 25:10 Uyoba yi**J.** kini
**JUDA,** Gen 49:10 Intonga yobukhosi ngeke isuke ku**J.**
Zak 8:23 ayobamba ingubo yom**J.**
Mat 27:3 u**J.** wazisola wabuyisela izinhlamvu zesiliva
Rom 3:29 ingabe unguNkulunkulu wama**J.** kuphela?
1Ko 9:20 Kuma**J.** ngaba njengom**J.**
**JULA,** Rom 11:33 uku**j.** kwengcebo nokuhlakanipha
Efe 3:18 ukuqonda ngokugcwele uku**j.**
**JULILE,** 1Ko 2:10 umoya uhlola izinto ezi**j.**
IsA 2:23 ohlola imicabango e**j.**

## K

**KALEBI,** Num 13:30 U**K.** wabehlisa umoya abantu
Num 14:24 u**K.**, ube nomoya ohlukile
**KALI,** Lev 19:36 nisebenzise izi**k.** ezinembile
IzA 11:1 Isi**k.** esinganembile siyanengeka kuJehova
Luk 6:38 isi**k.** enisisebenzisa kwabanye
**KALWE,** Dan 5:27 u**k.** ezikalini watholakala ulula
**KAMELA,** Mat 19:24 kulula ukuba i**k.** lichushe
**KAMELWENI,** Isay 26:20 ngenani ema**k.** angaphakathi
**KHACI,** 1Ti 5:1 Ungayi**k.** indoda endala
**KHAFULELA,** Mat 26:67 bam**k.** ngamathe ebusweni
**KHALA,** Hos 12:4 Wa**k.**, wanxusa umusa wayo
Mat 26:75 Waphumela ngaphandle wa**k.** kalusizi.
**KHALANI,** Rom 12:15 **k.** nabakhalayo
**KHALAYO,** Luk 6:21 Niyajabula nina eni**k.** manje
**KHALI,** Isay 54:17 Asikho isi**k.** esenzelwe wena
2Ko 10:4 izi**k.** zempi yethu azizona ezenyama
**KHALIPHILE,** IzA 14:15 o**k.** uyacabangisisa
IzA 31:29 Baningi abesifazane aba**k.**
**KHANA,** Joh 2:1 umshado wase**K.** laseGalile
**KHANDA,** Gen 3:15 iyochoboza i**k.** lakho
Dan 2:32 I**k.** lesithombe bekungelegolide elihle
**KHANGA,** IzA 31:30 Uku**k.** kungaba yinkohliso
**KHANUKELANENI,** Rom 1:27 basha kakhulu eku**k.**
**KHANYA,** Hu 36:9 Ngoku**k.** siyakwazi ukubona uku**k.**
IzA 4:18 indlela yabalungile injengoku**k.**
Isay 42:6 Ube nguku**k.** kwezizwe
Mat 5:14 ningunku**k.** kwezwe
Mat 5:16 uku**k.** kwenu makukhanye
Joh 8:12 ngiwuku**k.** kwezwe
2Ko 4:6 Uku**k.** makukhanye ebumnyameni
**KHANYAYO,** Isay 14:12 uwe ezulwini, wena o**k.**
**KHAPHELA,** Mat 26:21 omunye kini uzongi**k.**
**KHASHANA,** Hu 30:5 ukuthukuthelela isi**k.**
Heb 11:13 nezakhamuzi zesi**k.**
Heb 11:25 kunokujabula isi**k.** esonweni
**KHATHALELA,** Flp 2:4 kodwa ni**k.** nabanye
1Pe 5:7 ngoba uyani**k.**
**KHATHALI,** Isay 40:28 Aka**k.** noma aphelelwe amandla
Isay 40:31 Bayohamba banga**k.**
Gal 6:9 siyovuna uma singa**k.**
Heb 12:3 ninga**k.** niphele amandla
**KHATHAZEKA,** Job 6:2 Ukube uku**k.** bekungakalwa
IzA 12:25 Uku**k.** enhliziyweni kuyenza isindwe
Luk 12:25 Ubani ongathi ngoku**k.** anezele?
1Ko 7:32 Indoda engashadile i**k.** ngezinto zeNkosi
2Ko 11:28 uku**k.** ngawo wonke amabandla
**KHATHAZEKE,** 1Sa 1:15 Umoya wami u**k.** kakhulu
Mat 6:34 ningalokothi ni**k.** ngosuku olulandelayo
**KHATHAZEKI,** Isay 41:10 Unga**k.** nginguNkulunkulu
Mat 10:19 ninga**k.** ngokuthi niyokhuluma kanjani
Flp 4:6 Ninga**k.** ngalutho
**KHATHAZWA,** 1Ko 7:32 ngifuna ninga**k.** yilutho
**KHATHELE,** IzA 25:25 amanzi emphefumulweni o**k.**
Isay 40:29 Unika o**k.** amandla
Isay 50:4 indlela yokuphendula o**k.** ngezwi elifanele
**KHATHI,** Shu 3:1 isi**k.** sayo yonke into
Shu 9:11 isi**k.** nezenzakalo ezingalindelekile
Dan 7:25 isi**k.**, nezi**k.** nengxenye yesi**k.**

Joh 7:8 isi**k.** sami asikafiki ngokugcwele
1Ko 7:29 isi**k.** esisele sinciphile
Efe 5:16 nisisebenzise kahle isi**k.** senu
**KHATHI ESIDLULE,** Isay 65:17 ezesi**k.** ngeke zikhunjulwe
**KHATHI ESIMISIWE,** Hab 2:3 uzogcwaliseka ngesi**k.**
**KHATHI EZIMISIWE,** Luk 21:24 izi**k.** zezizwe
**KHAWULO,** Hu 119:96 umyalo wakho awunam**k.**
**KHAYINI,** 1Jo 3:12 singafani no**K.**, owabulala umfowabo
**KHEFASE,** 1Ko 15:5 wabonakala ku**K.**
Gal 2:11 u**K.** wafika e-Antiyokiya, ngameluleka
**KHERUBI,** Gen 3:24 Wabeka ama**k.** nenkemba evuthayo
Hez 28:14 Ngakwenza i**k.** eligcotshiwe
**KHESARI,** Mat 22:17 ukukhokha intela ku**K.** noma cha?
Mar 12:17 Buyiselani izinto zikaKhesari ku**K.**
Joh 19:12 Uma umkhulula, awuyena umngani ka**K.**
Joh 19:15 Asinankosi ngaphandle kuka**K.**
IzE 25:11 Ngidlulisela icala ku**K.**!
**KHETHA,** Jak 2:9 uma niqhubeka nibonisa uku**k.**
**KHETHE,** Dut 30:19 kumele u**k.** ukuphila
**KHETHELENI,** Jos 24:15 zi**k.** ukuthi ubani enizomkhonza
**KHETHENI,** Flp 1:23 Angazi ngi**k.** kulezi zinto ezimbili
**KHETHI,** Dut 10:17 uNkulunkulu aka**k.** muntu
IzE 10:34 sengiyaqonda ukuthi uNkulunkulu aka**k.**
**KHETHIWE,** Mat 24:22 ngenxa yaba**k.** ziyofinyezwa
Mat 24:31 izingelosi ziyoqoqa aba**k.** bayo
**KHETHWA,** Rom 9:11 uku**k.** kuncike kuLowo obizayo
**KHIWANE,** 1Kh 4:25 bahlala ngaphansi kom**k.**
Mik 4:4 ngaphansi kwesihlahla sakhe som**k.**
Mat 21:19 Isihlahla som**k.** sabuna ngaso leso sikhathi
Mar 13:28 fundani lo mfanekiso esihlahleni som**k.**
**KHOBA,** Zef 2:2 usuku ludlule njengama**k.**
**KHOHLISA,** Jer 17:9 Inhliziyo i**k.** ngaphezu
Efe 4:25 yekani uku**k.**, nikhulume iqiniso
**KHOHLISAYO,** IzA 3:32 uJehova uyamnyanya o**k.**
**KHOHLISENI,** Hu 34:13 qapha izindebe zakho eku**k.**
**KHOHLISI,** Mal 2:15 ningayi**k.** inkosikazi
**KHOHLISILE,** Jer 20:7 O Jehova, ungi**k.**
**KHOHLWA,** Dut 4:23 Qaphelani ukuba ningasi**k.**
Isay 49:15 Owesifazane angam**k.** yini umntanakhe
Flp 3:13 ngi**k.** izinto ezingemuva
Heb 10:32 Ningayi**k.** indlela enakhuthazela ngayo
**KHOHLWE,** Hu 119:141 angizange ngiyi**k.** imiyalo yakho
Heb 6:10 uNkulunkulu akayena ongalungile ukuba a**k.**
**KHOLO,** Hu 27:13 ngikuphi ukube bengingenalo u**k.**
Luk 17:6 Ukube benino**k.** olulingana nohlamvu
Luk 18:8 iNdodana yomuntu ifika, iyoluthola lolu **k.**?
Joh 3:16 wonke umuntu obonisa u**k.** kuyo
Rom 1:17 olungile uyophila ngenxa yo**k.**
Rom 4:20 waba namandla ngo**k.** lwakhe
2Ko 4:13 nathi sibonisa u**k.**, ngakho siyakhuluma
2Ko 5:7 sihamba ngo**k.**, hhayi ngokubona
Efe 4:5 iNkosi eyodwa, u**k.** olulodwa
2Th 3:2 u**k.** alulona olwabo bonke
2Ti 1:5 u**k.** olungenabuzenzisi, olwahlala kuqala
Heb 11:1 U**k.** luwukuqiniseka ngokugcwele
Heb 11:6 ngaphandle ko**k.** akwenzeki ukumjabulisa
Jak 2:26 no**k.** ngaphandle kwemisebenzi lufile
1Pe 1:7 u**k.** lwenu oluvivinyiwe
**KHOLWA,** 1Ko 6:6 enkantolo, kwabangewona ama**k.**!
1Ko 7:12 onomfazi onga**k.**, umfazi evuma ukuhlala
2Ko 6:14 Ningaboshelwa ejokeni nabanga**k.**
**KHOLWA NABO,** 1Pe 2:17 thandani bonke eni**k.**
**KHOLWE,** Joh 20:29 okuthi nakuba bengabonanga ba**k.**
2Th 2:12 abazange bali**k.** iqiniso kodwa
**KHOLWENI,** Gal 6:10 kulabo abahlobene nathi o**k.**
**KHOMBENI,** Luk 2:7 wayibeka em**k.**
**KHONO,** Eks 18:21 khetha amadoda ane**k.**, athembekile
Eks 35:35 Ubagcwalise nge**k.** lomsebenzi
IzA 22:29 umuntu one**k.** emsebenzini wakhe?
**KHONO LOKUCABANGA,** IzA 1:4 Zinika insizwa i**k.**
**KHONO LOKUFUNDISA,** 2Ti 4:2 isineke ne**k.**
**KHONONDA,** Kol 3:13 enesizathu soku**k.** ngomunye
Jud 16 ababubulayo, aba**k.** ngokuphila
**KHONTO,** 1Sa 18:11 wawujikijela um**k.** ethi!
**KHONZA,** Jos 24:15 zikhetheleni ukuthi ubani enizom**k.**
Dan 7:10 Izinkulungwane zazilokhu zim**k.**,
Mat 20:28 iNdodana yomuntu yezela uku**k.**
**KHONZA IZITHIXO,** 1Ko 10:14 kubalekeleni uku**k.**
**KHONZA IZITHOMBE,** 1Ko 6:9 bawuzuze uMbuso aba**k.**
**KHONZANENI,** 1Pe 4:10 isipho sisebenziseni eku**k.**
**KHONZANI,** Hu 100:2 **K.** uJehova ngokuthokoza
**KHONZE,** 1Kr 28:9 um**k.** ngenhliziyo ephelele
Mat 4:10 NguJehova uNkulunkulu okumele um**k.**
**KHONZI,** 1Sa 2:11 umfana waba isi**k.** sikaJehova
Mar 10:43 omkhulu phakathi kwenu abe yisi**k.**
2Ko 3:6 osenze sakufanelekela ukuba izi**k.**
2Ko 6:4 sibonisa ukuthi siyizi**k.** zikaNkulunkulu
**KHONZI ZASETHEMPELINI,** Ezr 8:20 Kwakunezi**k.**
**KHOPHI,** Dut 17:18 kumele izibhalele i**k.** yalo Mthetho
**KHORA,** Num 26:11 amadodana ka**K.** awazange afe
Jud 11 enkulumweni ka**K.** yokuhlubuka
**KHOSI,** Lev 23:4 Nansi imi**k.** kaJehova yezinkathi ezithile
IzA 22:29 onekhono uyokuma phambi kwama**k.**
Dan 4:34 ubu**k.** bakhe bungubu**k.** baphakade
Mat 6:24 Akekho ongakhonza ama**k.** amabili
Luk 21:12 Niyolethwa phambi kwama**k.** nababusi
IzE 4:26 Ama**k.** omhlaba avukela
1Ko 8:5 kukhona onkulunkulu nama**k.** amaningi
IsA 5:10 bayobusa njengama**k.** phezu komhlaba
IsA 18:3 nama**k.** omhlaba aziphatha kabi
**KHOTHOZA,** Rut 2:8 Ungahambi uyo**k.** kwenye insimu
**KHOTHOZI,** Lev 19:9 ninga**k.** lapho nivuna
**KHUBA,** Hu 119:165 akukho okungaba**k.**
**KHUBAZEKILE,** Luk 5:24 wathi ko**k.**, Vuka
**KHUBE,** Luk 17:2 a**k.** omunye kulaba abancane
**KHUBEKA,** 1Ko 10:32 ukuba yizimbangela zoku**k.**
Jak 3:2 sonke siya**k.** izikhathi eziningi
**KHUBEKE,** Mat 5:29 iso lakho likwenza u**k.**, likhiphe
1Ko 8:13 uma ukudla kwenza umfowethu a**k.**
**KHUBEKISAYO,** Mat 13:41 zibuthe zonke izinto ezi**k.**
**KHUBEKISI,** Flp 1:10 ningabi nasici, ningaba**k.** abanye
**KHUBEKISO,** Rom 14:13 ningabeki isi**k.**
**KHUKHUKAZI,** Mat 23:37 isi**k.** esibuthela amatshwele
**KHUKHULEKE,** Heb 2:1 ukuze singalokothi si**k.**
**KHUKHWENI LOKUGULA,** Hu 41:3 uyomsekela o**k.**
**KHULEKELE,** Joh 4:24 bam**k.** ngomoya nangeqiniso
**KHULELWE,** Eks 21:22 alimaze owesifazane o**k.**
1Th 5:3 njengemihelo efikela owesifazane o**k.**

**KHULE NGOKUGCWELE,** 1Ko 14:20 aba**k.** ekuqondeni
Efe 4:13 sibe amadoda a**k.**
**KHULILE,** Hu 37:25 Ngake ngaba musha, manje sengi**k.**
**KHULU,** Hu 45:16 Uyowabeka abe yizi**k.** emhlabeni
Isay 9:6 Igama lakhe kuyothiwa iSi**k.** Sokuthula
Isay 32:1 Nezi**k.** ziyobusa ngenjongo yobulungisa
Dan 10:13 isi**k.** sombuso wasePheresiya samelana
Joh 14:28 uBaba m**k.** kunami
Flp 2:3 bhekani abanye njengaba**k.** kunani
1Th 4:10 niqhubeke nikwenza ngisho naka**k.**
1Jo 3:20 uNkulunkulu m**k.** kunezinhliziyo zethu
**KHULULA,** Hos 13:14 Ngizoba**k.** emandleni eThuna
Joh 8:32 iqiniso liyoni**k.**
2Pe 2:9 uJehova uyayazi indlela yoku**k.** abantu
**KHULULE,** Mat 18:18 nanoma yiziphi eningase nizi**k.**
**KHULULEKA,** Luk 12:19 **k.**, udle, uphuze, uzijabulise
**KHULULEKILE,** Dut 15:8 umvulele isandla ngoku**k.**
IzA 11:24 Umuntu upha ngoku**k.** agcine esenokuningi
**KHULULIWE,** Rom 6:7 lowo ofile u**k.** esonweni
**KHULULWA,** Est 4:14 uku**k.** kuyovela kwenye indawo
Luk 21:28 uku**k.** kwenu kuyasondela
Rom 6:18 na**k.** esonweni
**KHULUMA,** IzA 14:23 ukugcina ngoku**k.** nje kuholela
**KHULUMA AMANGA,** Hu 101:7 Akekho o**k.** ongama
**KHUMBI,** Gen 6:14 Zenzele um**k.**
**KHUMBULA,** Job 14:13 ungikalele bese uyangi**k.**!
Shu 12:1 **k.** uMdali wakho Omkhulu
Luk 22:19 Qhubekani nikwenza lokhu ningi**k.**
**KHUMBULE,** Hu 8:4 Uyini umuntu ukuba um**k.**
Flp 1:8 ngini**k.** nonke
**KHUMBUZA,** 2Pe 1:12 ngikulungele ukuni**k.** ngalezi zinto
**KHUMBUZO,** Hu 119:24 Ngiyazithanda izi**k.** zakho
**KHUNDLA,** IzE 1:20 Isi**k.** sakhe sokuba umbonisi
**KHUNGATHEKA,** 1Pe 4:4 Ziya**k.** ngenxa yokuthi
**KHUNI,** Heb 3:13 owenziwa lu**k.** ngamandla esono
**KHUNJULWE,** Isay 65:17 Ezesikhathi esidlule ngeke zi**k.**
**KHUTHALA,** IzA 12:27 uku**k.** kuyingcebo eyigugu
**KHUTHALANI,** Rom 12:11 **K.**, ningavilaphi
**KHUTHAZA,** Tit 1:9 akwazi uku**k.** ngemfundiso nokusola
**KHUTHAZANA,** Kol 3:16 Qhubekani ni**k.**
**KHUTHAZANE,** Rom 1:12 ukuze si**k.** ngokholo
Heb 10:25 si**k.**, ikakhulu njengoba
**KHUTHAZAYO,** IzE 13:15 amazwi a**k.**, wakhulumeni
**KHUTHAZELA,** Luk 8:15 bathele izithelo ngoku**k.**
Luk 21:19 Ngoku**k.** niyolonda ukuphila kwenu
Rom 5:3 usizi luveza uku**k.**
1Ko 4:12 lapho sishushiswa, si**k.** ngesineke
Jak 1:4 vumelani uku**k.** kufeze umsebenzi wako
Jak 5:11 Nizwile ngoku**k.** kukaJobe
**KHUTHAZELANI,** Rom 12:12 **K.** osizini
**KHUTHAZELE,** Mat 24:13 o**k.** kwaba sekupheleni
**KHUTHAZELELA,** 1Pe 2:20 ni**k.** ukuhlupheka
**KHUTHAZWE,** 1Ko 14:31 ukuze bafunde futhi ba**k.**
**KHUTHELE,** IzA 10:4 izandla ezi**k.** zenza umuntu acebe
IzA 21:5 amacebo o**k.** amenza aphumelele
**KHUZA,** Shu 7:5 ukulalela lapho ohlakaniphile eku**k.**
**KHUZWA,** IzA 29:15 onga**k.** ubangela amahloni
**KHWELE,** IzA 6:34 isi**k.** senza indoda ibe nolaka
**KITAZE,** 2Ti 4:3 ukuze baba**k.** izindlebe
**KLABALASA,** Efe 4:31 intukuthelo, ulaka, uku**k.**
**KLAMO,** Eks 26:30 Itabernakele nilimise ngokom**k.**
1Kh 6:38 ukwakhiwa kwendlu ngokuvumelana nom**k.**
Heb 8:5 Qikelela ukwenza zonke izinto ulandela um**k.**
**KLEBHULANI,** Jow 2:13 **k.** izinhliziyo zenu
**KLOLODELAYO,** IzA 27:11 Ukuze ngiphendule ongi**k.**
**KLOMELO,** 1Ko 9:24 munye kuphela owamukela um**k.**
Kol 2:18 Ningavinjwa muntu ukuthola um**k.**
**KLOZA,** IzA 23:20 Ungabi phakathi kwama**k.**
**KOLWENI,** Mat 13:25 ukhula phakathi kuka**k.**
**KONKE OKUSEMANDLENI,** 2Ti 2:15 Yenza **k.** akho ukuze
2Pe 3:14 yenzani **k.** ukuba anithole ningenabala
**KORESI,** Ezr 6:3 u**K.** wathi: le ndlu mayakhiwe kabusha
**KORNELIYU,** IzE 10:24 u**K.** wabiza izihlobo nabangani
**KRISTU,** Mat 16:16 Ungu**K.**, iNdodana
Luk 24:26 Kwakungadingekile u**K.** ehlelwe yilezi zinto?
Joh 17:3 nalowo omthumile, uJesu **K.**
IzE 11:26 abafundi babizwa ngokuthi ama**K.**
IzE 18:28 ebonisa ngemiBhalo ukuthi uJesu ungu**K.**
1Ko 11:3 inhloko ka**K.** uNkulunkulu
**KRISTU BAMANGA,** Mat 24:24 o**K.** nabaprofethi
**KUDE,** IzE 17:27 eqinisweni enge**k.** kulowo nalowo kithi
**KUSASA,** Hu 73:17 kwaba yilapho ngiliqonda i**k.** labo
IzA 24:20 alikho i**k.** ngomuntu omubi
1Ko 15:32 masidle siphuze, ngoba **k.** sizofa
**KWELETA,** Rom 1:14 Ngi**k.** abahlakaniphile
Rom 13:8 enim**k.** okuthile, ngaphandle kokuthandana
**KWELETU,** IzA 11:15 isiqinisekiso sokusikhokha isi**k.**

## L

**LAHLE,** IzE 26:11 ukubaphoqa ukuba ba**l.** ukholo lwabo
Rom 12:20 uyonqwabelanisa ama**l.** ekhanda
**LAHLEKILE,** Hu 119:176 Ngidukile njengemvu e**l.**
Luk 15:24 indodana ibi**l.**, manje isitholakele
**LALA,** IzA 6:10 Uku**l.** kancane, ukozela kancane
**LALELA,** Eks 24:7 sizimisele ukukwenza futhi sizo**l.**
1Sa 15:22 Uku**l.** kungcono kunomhlatshelo
Hu 51:12 Ngenze ngibe nesifiso sokufuna ukuku**l.**
IzA 1:5 Umuntu ohlakaniphile uya**l.**
Hez 2:7 khuluma, be**l.** noma cha
IzE 4:19 uku**l.** nina kunoNkulunkulu
Rom 5:19 ngoku**l.** komuntu oyedwa
Rom 6:17 na**l.** ngokusuka enhliziyweni
Rom 16:26 wokuba kukhuthazwe uku**l.** ngokholo
Flp 2:8 wa**l.** kwaze kwaba sekufeni
Heb 5:8 wafunda uku**l.** ezintweni ahlupheka ngazo
Jak 1:19 asheshe uku**l.**, ephuze ukukhuluma
**LALELANI,** Efe 6:5 zigqila, **l.** amakhosi enu
Heb 13:17 **L.** abaholayo
**LALELAYO,** 1Kh 3:9 nika inceku yakho inhliziyo e**l.**
Luk 10:16 Noma ubani oni**l.** ulalela mina
**LALELE,** IzE 5:29 Kumele si**l.** uNkulunkulu kunabantu
**LALELENI,** Mat 17:5 iNdodana yami, ethandekayo. Yi**l.**
**LALELI,** Joh 3:36 ongayi**l.** iNdodana ngeke aphile
**LALI,** 1Th 5:6 masinga**l.** njengabanye
**LAMBA,** Isay 65:13 Izinceku zami ziyokudla, nina niyo**l.**
**LAMULELI,** 1Ti 2:5 nom**l.** kuNkulunkulu nabantu
**LANDELA,** Mat 4:20 zashiya amanethi azo zam**l.**
Joh 10:27 Izimvu ziyalalela futhi ziyangi**l.**
IsA 14:4 be**l.** iWundlu

**LANDELI,** Mat 19:21 bese uza ube um**l.** wami
**LANDISELA,** Rom 14:12 ngamunye wethu uyozi**l.**
**LANGA,** Jos 10:12 **L.**, yima phezu kweGibheyoni
Mat 24:29 ngemva kosizi, i**l.** liyoba mnyama
IzE 2:20 I**l.** liyophenduka ubumnyama
**LANGAZELELA,** Job 14:15 Uyo**l.** umsebenzi wezandla
Hu 84:2 ngi**l.** ukuba semagcekeni kaJehova
Hu 84:2 Ngiyaku**l.** ukuba semagcekeni kaJehova
Isay 26:9 ngiku**l.** ngomphefumulo wami wonke
Rom 1:15 ngiyaku**l.** ukumemezela izindaba ezinhle
**LANGAZELELANI,** 1Pe 2:2 **l.** ubisi olungonakalisiwe
**LAPHA,** IsA 22:2 Amaqabunga ayengawokwe**l.** izizwe
**LAPHE,** Luk 4:23 Dokotela, ze**l.**
Luk 10:9 ne**l.** abagulayo
**LASHA,** IsA 11:7 isilo sasendle esiphuma kwa**l.**
IsA 17:8 Isilo sasendle sesizophuma kwa**l.**
IsA 20:3 Yamjikijela kwa**l.**
**LASHWA,** IzE 5:16 bonke be**l.**
**LAWULA,** IzA 10:19 o**l.** izindebe wenza ngokuqonda
IzA 16:32 ungcono o**l.** intukuthelo
1Th 4:4 azi ukuthi angawu**l.** kanjani umzimba
**LAWULE,** 1Ko 6:12 ngeke ngivume ukuba ingi**l.**
**LAWULEKI,** IzA 1:32 bayobulawa ukunga**l.**
**LAZARU,** Luk 16:20 isinxibi esingu**L.**
Joh 11:11 U**L.** umngani wethu ulele
Joh 11:43 **L.**, phuma!
**LEVI,** Eks 32:26 ama**L.** aqoqanela kuye
Num 3:12 ama**L.** azoba ngawami
2Kr 35:3 ama**L.**, abafundisi bawo wonke u-Israyeli
Mal 3:3 ihlanze amadodana ka**L.**
**LIBALA,** Luk 12:45 Inkosi yami iya**l.** ukufika
**LIBALE,** Hab 2:3 noma ungase u**l.**, wulindele!
**LIDIYA,** IzE 16:14 u**L.**, umthengisi waseThiyathira
**LILA,** Shu 7:2 Kungcono ukuya endlini yoku**l.**
Isay 65:19 kuzwakale kulo umsindo woku**l.**
**LILAYO,** Mat 5:4 Bayajabula aba**l.**
**LIMAZE,** Isay 11:9 Ngeke ku**l.** kubangele umonakalo
**LIMI,** Gen 11:7 siphithanise u**l.** lwabo
Hu 34:13 qapha u**l.** lwakho kokubi
IzA 18:21 Ukufa nokuphila kusemandleni o**l.**
Isay 35:6 No**l.** loyisimungulu luyomemeza ngenjabulo
Isay 50:4 uJehova unginike u**l.** lwabafundisiwe
Zak 8:23 amadoda ayishumi avela kuzo zonke izi**l.**
IzE 2:4 baqala ukukhuluma ngezi**l.** ezihlukahlukene
1Ko 13:8 kukhona izi**l.**, ziyophela
1Ko 14:22 ukukhuluma ngezi**l.** okokwenza bakholwe
Jak 1:26 engalulawuli u**l.** lwakhe
Jak 3:8 akekho noyedwa ongaluthambisa u**l.**
IsA 7:9 kuzo zonke izizwe nezinhlanga nezi**l.**
**LIMINI,** Zef 3:9 izizwe zishintshele o**l.** oluhlanzekile
**LINDA,** Mik 7:7 Ngizom**l.** ngesineke
**LINDE,** Hu 37:7 Um**l.** ngesineke
**LINDELA,** Luk 21:26 ngenxa yokwesaba noku**l.**
Rom 8:25 siyaqhubeka siku**l.** ngokukhuthazela
**LINDELE,** Hab 2:3 noma ungase ulibale, hlala uwu**l.**!
Luk 3:15 Abantu babe**l.** futhi bonke bezindla
**LINDELEKILE,** Shu 9:11 isikhathi nezenzakalo ezinga**l.**
**LINDELWE,** IzA 13:12 Ukuhlehliswa kwento e**l.**
**LINDILE,** Mat 26:41 Hlalani ni**l.** futhi nithandaze
**LINGANA,** 2Ko 8:14 ukuze kube khona uku**l.**
**LINGANE,** Flp 2:6 ukuba a**l.** noNkulunkulu
**LINGISE,** Heb 13:7 ni**l.** ukholo lwabo
**LINGISI,** 1Ko 11:1 Yibani aba**l.** bami
Efe 5:1 yibani ngaba**l.** bakaNkulunkulu
**LINGO,** Dut 18:10 noma ubani owenza um**l.**
IzE 19:19 ubuciko bemi**l.**, bashisa izincwadi zabo
1Ko 10:13 Asikho isi**l.** ngaphandle kokuvamile
**LINGWA,** Jak 1:2 Jabulani lapho nihlangabezana noku**l.**
Jak 1:12 Uyajabula oqhubeka ekhuthazelela uku**l.**
**LINGWENI,** Mat 6:13 Ungasingenisi esi**l.**
Mat 26:41 nithandaze ukuze ningangeni esi**l.**
Luk 22:28 aningishiyanga eku**l.** kwami
**LO,** Dan 7:3 Izi**l.** ezine ezinkulu zaphuma olwandle
**LOLONGWA,** Rom 12:2 Yekani uku**l.** nifane nabantu
1Pe 1:14 yekani uku**l.** yizifiso
**LOMO,** Rom 10:10 ngom**l.** umuntu uvuma obala
**LONDEKA,** 1Kh 4:25 ngoku**l.**, ngaphansi kwesihlahla
Isay 32:17 Isithelo sokulunga ukuthula noku**l.**
Hos 2:18 Ngiyobenza balale ngoku**l.**
**LONDEKE,** IzA 12:3 azenze a**l.** ngokwenza okubi
**LONYENI,** Hu 8:2 em**l.** wezingane nezinsana
Heb 13:15 amazwi aphuma emi**l.**
Jak 3:10 Em**l.** ofanayo kuphuma ukubusisa
**LOTI,** Luk 17:32 Khumbulani umka**L.**
2Pe 2:7 Wakhulula u**L.** olungile
**LOTSHIWE,** 1Ko 4:6 Ungeqeli ngale kwezinto ezi**l.**
**LOTSHWA,** Rom 15:4 izinto eza**l.** kusengaphambili
**LUKA,** Kol 4:14 u**L.**, udokotela othandekayo
**LUKHUNI,** Mat 13:15 inhliziyo yalaba bantu ibe **l.**
**LULA,** Isay 54:2 ye**l.** izintambo zetende
**LULEKI,** IzA 15:22 okufezwayo uma abe**l.** bebaningi
Isay 9:6 Igama kuyothiwa uMe**l.** Omangalisayo
**LUMANA,** Gal 5:15 uma niqhubeka ni**l.**
**LUNGA,** Hu 45:7 Wakuthanda uku**l.**, wabuzonda ububi
Isay 26:9 Abahlala ezweni bafunda uku**l.**
Isay 32:1 Inkosi iyobusa ngenjongo yoku**l.**
Isay 60:17 Noku**l.** kube ngabakwabela umsebenzi
Zef 2:3 Funani uku**l.**, funani ubumnene
1Ko 12:18 uNkulunkulu wahlela i**l.** lomzimba
2Pe 3:13 futhi kukho kuyohlala uku**l.**
**LUNGELE,** Efe 6:15 ni**l.** ukushumayela izindaba ezinhle
**LUNGELO,** Hez 21:27 aze afike one**l.** elingokomthetho
IzE 5:41 bejabula nge**l.** lokuhlupheka
Flp 1:29 leli **l.** lanikezwa nina, nokuba nihlupheke
**LUNGILE,** Gen 15:6 wayesembheka njengo**l.**
Hu 34:19 Ziningi izinhlupheko zo**l.**
Hu 37:25 angikaze ngimbone o**l.** eshiyiwe
Hu 72:7 Ezinsukwini zayo o**l.** uyoqhakaza
Hu 141:5 Uma o**l.** engangishaya
IzA 24:16 o**l.** angawa kasikhombisa
IzE 24:15 uvuko lwabalungile nabanga**l.**
1Ko 6:9 abanga**l.** ngeke balizuze ifa loMbuso
1Pe 3:12 amehlo kaJehova akwaba**l.**
**LUNGISA,** Gal 6:1 zamani ukum**l.** ngomoya omnene
**LUNGISELA,** Joh 14:2 ngiyahamba ngiyoni**l.** indawo
**LUNGISWA,** 2Ko 13:11 qhubekani nijabula, ni**l.**
**LUSA,** Isay 40:11 lyokwe**l.** umhlambi njengomalusi
**LUSANI,** 1Pe 5:2 Ya**l.** umhlambi eniwuphathisiwe

**LUSE**, IzE 20:28 ababonisi, ukuze ne**l.** ibandla
**LUSI**, Hu 23:1 UJehova unguMa**l.** wami
Hez 34:2 abe**l.** abebelokhu bezondla bona!
Hez 37:24 bayoba noma**l.** oyedwa
Zak 13:7 Shaya uma**l.**, umhlambi uhlakazeke
Mat 9:36 njengezimvu ezingenama**l.**
Joh 10:11 Mina ngingumа**l.** omuhle
Joh 10:14 ngingumа**l.** omuhle. Ngiyazazi izimvu zami
Joh 10:16 ziyoba mhlambi munye, noma**l.** munye
Efe 4:11 abanye njengabe**l.** nanjengabafundisi
**LUTHO**, Job 6:3 amazwi ami abengasho **l.**
Hu 119:141 Angi**l.** futhi ngidelelekile
Gal 6:3 ecabanga ukuthi uwutho ebe enge**l.**
**LWA**, IzE 5:39 ni**l.** noNkulunkulu uqobo
1Ko 14:8 ubani oyolungela uku**l.**?
1Ti 6:12 Yi**l.** uku**l.** okuhle kokholo
**LWANDLE**, Eks 14:21 waguqula u**l.** lwaba umhlabathi
Isay 57:20 ababi banjengo**l.** olunyakaza lungazoli
**LWANE**, Gen 7:2 uthathe izi**l.** ezihlanzekile
Lev 18:23 akumele alale nesi**l.**
Lev 26:6 ngiyoqeda izi**l.** zasendle eziyingozi ezweni
IzA 12:10 Olungile unakekela izi**l.**
Shu 3:19 isiphetho esifanayo ngabantu nangezi**l.**
Hez 34:25 ngiqede izi**l.** zasendle eziyingozi ezweni
Hos 2:18 isivumelwano nezi**l.** zasendle
**LWAZI**, Hu 19:7 sihlakaniphisa ongena**l.**
IzA 22:3 abangena**l.** bayavuna
2Ko 2:11 asibona abangena**l.** ngamacebo akhe
**LWAZI OLUNEMBILE**, Rom 10:2 hhayi ngoko**l.**
Kol 3:10 ubuntu obenziwa bube busha ngo**l.**
1Ti 2:4 othanda ukuba abantu bathole u**l.**
**LWE**, 2Kr 20:17 Ngeke kudingeke ukuba nina ni**l.**
2Ti 2:24 inceku yeNkosi akufanele i**l.**
**LWELE**, Jud 3 nilu**l.** kanzima ukholo
**LWELE UKWENZA**, Rom 14:19 masi**l.** ukuthula
**LWI**, Efe 6:12 asi**l.** negazi nenyama

## M

**MAGOGI**, Hez 38:2 bumelane noGogi wezwe lakwa**M.**
**MAHHALA**, IsA 22:17 makathathe amanzi okuphila **m.**
**MAKEDONIYA**, IzE 16:9 Welela e**M.** usisize
**MAKETHE**, IzE 17:17 wabonisana nabantu e**m.**
**MAKHELWANE**, Luk 10:27 thanda u**m.**
Luk 10:36 ubani kulaba owenza njengo**m.**?
**MAKOTI**, IsA 21:9 ngizokubonisa u**m.**, umkaWundlu
**MALI**, Shu 7:12 ne**m.** iyisivikelo
Shu 10:19 i**m.** yanelisa zonke izidingo
1Ti 6:10 uthando lwe**m.** luyimpande
Heb 13:5 ningayithandi i**m.**
**MAMA**, Hu 27:10 Ngisho ubaba no**m.** bengangishiya
Luk 8:21 U**m.** nabafowethu yilaba
Joh 19:27 wathi kulo mfundi: Bheka! U**m.** wakho!
Gal 4:26 iJerusalema eliphezulu lingu**m.** wethu
**MANA**, Eks 16:31 waqamba isinkwa ngokuthi i**m.**
Jos 5:12 I**m.** labe selinqamuka
**MANASE**, 2Kr 33:13 U**M.** wafunda ukuthi uJehova
**MANDLA**, Eks 8:19 kwenziwe nga**m.** kaNkulunkulu
Hu 29:11 uyonika abantu bakhe a**m.**
Hu 31:10 A**m.** ayaphela ngenxa yesiphambeko
Hu 84:7 a**m.** abo ngeke aphele
IzA 17:22 umoya omunyu uqeda a**m.**
IzA 28:16 ongaqondi uwasebenzisa kabi a**m.**
Isay 40:29 Unika okhathele a**m.**
Isay 40:31 abathembele kuJehova bayothola a**m.**
Zak 4:6 Ngeke kube nga**m.**, kodwa kuyoba ngomoya
Mat 25:15 amathalenta, ngayinye ngokwa**m.** ayo
Mar 5:30 wezwa ukuthi a**m.** ayephumile kuye
Mar 12:30 uthande uJehova ngawo wonke a**m.**
IzE 1:8 nizokwamukela a**m.** lapho umoya
1Ko 16:13 nime niqinile okholweni, nibe na**m.**
2Ko 4:7 a**m.** angaphezu kwavamile angakaNkulunkulu
2Ko 12:9 a**m.** ami enziwa aphelele ebuthakathakeni
2Ko 12:10 ngibuthakathaka, kulapho-ke ngina**m.**
Flp 4:13 Ngina**m.** azo zonke izinto
IsA 3:8 Ngiyazi nokuthi una**m.** amancane
**MANDLENI**, IzA 3:27 Ungabagodleli uma kuse**m.** akho
Rom 12:18 ngokuse**m.** enu, yibani nokuthula
**MANGA**, Mat 26:59 yayifuna ubufakazi obunga**m.**
Gal 2:4 abazalwane ba**m.** abangeniswe ngesinyenyela
2Th 2:11 ukuze bakholwe a**m.**
**MANGALELA**, Rom 8:33 Ubani onga**m.** abakhethiwe
**MANGALELANA**, 1Ko 6:7 uma ni**m.**
**MANGALELI**, IsA 12:10 um**m.** wabafowethu
**MANGALISAYO**, Hu 139:14 ngenziwe ngendlela e**m.**
**MANZI**, Num 20:10 sinikhiphele a**m.** kuleli dwala?
IzA 20:5 Imicabango yomuntu injenga**m.** ajulile
IzA 25:25 Njenga**m.** abandayo emphefumulweni
Isay 55:1 nonke enomile, wozani nizokha a**m.**!
Jer 2:13 Bangishiyile mina mthombo wa**m.** aphilayo
Jer 50:38 a**m.** alo, azokoma
Zak 14:8 a**m.** anika ukuphila ayogeleza
Joh 4:10 ngabe ukunike a**m.** okuphila
IsA 7:17 liyobaqondisa emithonjeni ya**m.** okuphila
IsA 17:1 isifebe esihlala phezu kwa**m.** amaningi
**MARIYA 1.**, Mar 6:3 umbazi, indodana ka**M.**
**MARIYA 2.**, Luk 10:39 u**M.** walalela
Luk 10:42 U**M.** yena ukhethe isabelo esihle
Joh 12:3 U**M.** wathatha iphawundi lamafutha
**MARIYA 3.**, Mat 27:56 kwakuno**M.** Magdalena kanye
Luk 8:2 u**M.** uMagdalena, okwakuphume kuye
**MARIYA 4.**, Mat 27:56 no**M.** unina kaJakobe
**MARIYA 5.**, IzE 12:12 endlini ka**M.** unina kaJohane
**MARKU**, Kol 4:10 no**M.** umzala kaBarnaba
**MARTA**, Luk 10:41 **M.**, ukhathazwa izinto eziningi
**MAYE**, Isay 5:20 **M.** kulabo abathi okuhle
1Ko 9:16 **m.** uma ngingazimemezeli izindaba ezinhle
IsA 12:12 **M.** ngomhlaba nangolwandle
**MBALI**, Luk 12:27 indlela izi**m.** ezikhula ngayo
**MBATHO**, Gen 3:21 wabenzela ize**m.** ezinde
Efe 6:13 zonke ize**m.** zempi
**MBELWE**, 2Ko 10:4 okugumbuqela izinto ezi**m.**
**MBEWU**, Luk 8:11 I**m.** iyizwi likaNkulunkulu
**MBONGI**, IzE 17:28 njengoba nje nezinye izi**m.** zishilo
**MBONGOLO**, Num 22:28 uJehova wenza i**m.** yakhuluma
Zak 9:9 Inkosi yakho igibele i**m.**
**MBOZI**, 1Ko 11:6 uma owesifazane engazi**m.**
**MBUDANE**, Luk 24:11 ezwakala njenge**m.** kubo
**MBULUNGA**, Isay 40:22 ngaphezu kwe**m.** ewumhlaba

**MBUZINI,** Mat 25:32 umalusi ehlukanisa izimvu ezi**m.**
**MDALI,** Shu 12:1 khumbula u**M.** wakho Omkhulu
**ME,** Job 37:14 u**m.** ucabangisise ngemisebenzi
**MELANA,** Rom 8:31 Uma engakithi, ubani oyo**m.** nathi?
**MELELI,** Joh 7:29 ngingum**m.** ovela kuye
**MELI OYINHLOKO,** IzE 3:15 nabulala uM**m.** wokuphila
Heb 12:2 kuM**m.** noMphelelisi wokholo lwethu, uJesu
**MELITHA,** IzE 28:1 lesi siqhingi sasibizwa ngokuthi i**M.**
**MELKHIZEDEKI,** Gen 14:18 U**M.** inkosi yaseSalema
Hu 110:4 ungumpristi ngokwendlela ka**M.**
**MEMEZELA,** 1Ko 11:26 ni**m.** ukufa kweNkosi, ize
**MEMEZELENI,** Heb 10:23 Masili**m.** obala ithemba lethu
**ME NIQINILE,** 1Ko 16:13 ni**m.** okholweni
**MENYEZELWE,** Eks 9:16 ngenze igama lami li**m.**
**MENYIWE,** Mat 22:14 baningi aba**m.**
**MENYWA,** Hu 15:1 ongaba yisi**m.** etendeni lakho?
**MESIYA,** Dan 9:25 kuze kufike u**M.** uMholi, kuyoba
Dan 9:26 Ngemva kwamasonto, u**M.** uyonqunywa
Joh 1:41 Simtholile u**M.**
Joh 4:25 Ngiyazi ukuthi u**M.** uyeza
**MFEZI,** Isay 11:8 dlala phezu komgodi we**m.**
**MFIHLO,** IzA 11:13 othembekile uyayigcina i**m.**
IzA 20:19 Umnyundeli wembula i**m.**
Amo 3:7 Ngaphandle kokwambula i**m.** kubaprofethi
Flp 4:12 ngiyifundile i**m.** yakho kokubili
**MFUNDISO ENGAMANGA,** Tit 3:10 umuntu osakaza i**m.**
**MHLOPHE,** IsA 7:14 bawasha izingubo zabo zaba **m.**
**MIKAYELI,** Dan 10:13 u**M.,** omunye wezikhulu
Dan 12:1 Ngaleso sikhathi u**M.,** uyosukuma
IsA 12:7 U**M.** nezingelosi zakhe balwa
**MILE,** 1Ko 10:12 ocabanga ukuthi u**m.**
**MINA,** Luk 19:16 u**m.** wakho uzuze omina abayishumi
**MINYANISE,** Mar 4:19 kuli**m.** izwi, lingatheli
**MIRIYAMU,** Num 12:1 U**M.** no-Aroni bakhuluma kabi
**MISENI NGOKOMTHETHO,** Flp 1:7 naseku**m.** izindaba
**MIZWA,** Jak 5:17 U-Eliya wayengumuntu one**m.**
**MKAWO,** Efe 5:28 amadoda kufanele athande o**m.**
**MKAYO,** Gen 2:24 inamathele ku**m.**
**MLILO,** Jer 20:9 njengo**m.** ovuthayo emathanjeni
1Ko 3:13 u**m.** uyobonisa umsebenzi womuntu
1Th 5:19 Ningawucimi u**m.** womoya
2Ti 1:6 usivuthele njengo**m.** isipho esikuwe
2Pe 3:7 nomhlaba okhona manje ubekelwe u**m.**
**MLILWENI,** Mat 25:41 e**m.** olungiselelwe uDeveli
**MNANDI,** Hu 147:1 Ku**m.** kuyafaneleka ukumdumisa!
**MNENE,** Hu 37:11 aba**m.** bayodla ifa lomhlaba
IzA 25:15 Nolimi olu**m.** lungaphula ithambo
Zef 2:3 Funani uJehova nina aba**m.** bomhlaba
1Th 2:7 saba **m.,** njengalapho umama
2Ti 2:24 kufanele ibe **m.** kubo bonke
1Pe 3:4 umoya onokuthula nobu**m.**
**MNGCELENI,** Lev 23:22 akumele nivune e**m.** wensimu
**MNYAMA,** Isay 60:2 ubu**m.** buyomboza umhlaba
Jow 2:31 Ilanga liyophenduka ubu**m.**
Joh 3:19 abantu baye bathanda ubu**m.**
**MNYAMENI,** Mat 4:16 Abantu abahlezi ebu**m.**
Efe 4:18 Zisebu**m.** ngengqondo
1Pe 2:9 owanibiza ukuba niphume ebu**m.**
**MO,** 1Ko 7:31 isi**m.** saleli zwe siyashintsha
**MONA,** Hu 37:1 Ungabi no**m.** ngabenza okubi
Hu 73:3 ngaba no**m.** ngabaqhoshayo
Hu 106:16 Baba no**m.** ngoMose
IzA 14:30 u**m.** ungukubola emathanjeni
1Ko 13:4 Uthando aluna**m.**
**MOSE,** Num 12:3 U**M.** wayemnene ukubedlula bonke
Hu 106:32 kwamhambela kabi u**M.** ngenxa yabo
IzE 7:22 u**M.** wayenamandla ngamazwi
2Ko 3:7 abakwazanga ukubuka ubuso buka**M.**
**MOYA,** Gen 2:7 emakhaleni akhe u**m.** wokuphila
Num 11:25 wathatha omunye u**m.** owawukuye
1Sa 16:13 u**m.** wanika uDavide amandla
2Sa 23:2 U**m.** kaJehova wakhuluma ngami
Hu 51:10 Ufake kimi u**m.** omusha
Hu 51:17 Imihlatshelo ejabulisayo iwu**m.** ophukile
Hu 104:29 Uma ususa u**m.** wazo, ziyafa
Hu 146:4 U**m.** uyaphuma, iphindele emhlabathini
Shu 11:4 Obheka u**m.** ngeke ahlwanyele
Shu 12:7 u**m.** ubuyela kuNkulunkulu
Isay 61:1 U**m.** kaJehova uphezu kwami
Jow 2:28 ngiyothululela u**m.** wami
Zak 4:6 Ngeke kube ngamandla, kodwa ngo**m.**
Mat 3:16 u**m.** kaNkulunkulu wehla njengejuba
Mat 7:25 kwavunguza no**m.** wayishaya leyo ndlu
Mat 12:31 ukuhlambalaza u**m.** ngeke kuthethelelwe
Mat 26:41 u**m.** uyafisa, kodwa inyama
Luk 23:46 u**m.** wami ngiwubeka ezandleni zakho
Joh 4:24 UNkulunkulu ungu**M.,** abamkhulekelayo
Joh 16:13 u**m.** weqiniso, uyonihola
Rom 8:16 U**m.** ufakazelana no**m.** wethu
Rom 8:26 u**m.** uyasincengela ngokububula
1Ko 9:26 ingeyokuba ngingashayi u**m.**
1Ko 15:44 kuvuswa kuwumzimba wo**m.**
2Ko 3:17 UJehova ungu**M.**
Gal 5:16 Qhubekani nihamba ngo**m.,** ngeke
Gal 5:22 izithelo zo**m.** ziluthando
Gal 6:8 ohlwanyela enombono wo**m.**
Efe 2:2 umbusi wo**m.**
Efe 6:12 silwa nebutho lo**m.** ababi
1Pe 3:18 wavuswa enomzimba wo**m.**
IsA 7:1 zibambe imi**m.** emine yomhlaba
**MOYA ONGCWELE,** Hu 51:11 Ungawususi u**m.** kimi
Luk 1:35 U**m.** uzokwehlela kuwe
Luk 3:22 u**m.** usesimweni sejuba
Luk 11:13 uBaba uyobapha u**m.** labo abawucelayo
Joh 14:26 u**m.** uyonifundisa futhi unikhumbuze konke
IzE 1:8 nizokwamukela amandla lapho u**m.** ufika
IzE 2:4 bonke bagcwala u**m.**
IzE 5:32 no**m.** uNkulunkulu uwunika abamlalelayo
Efe 4:30 ningawenzi lusizi u**m.** kaNkulunkulu
**MOYA OZOLILE,** 1Ko 4:13 siphendula ngo**m.**
**MOYENI,** 1Ko 14:9 niyobe nikhuluma e**m.**
**MPAHLA,** Eks 19:5 niyoba i**m.** yami ekhethekile
Heb 10:34 nine**m.** engcono nehlalayo
**MPANDE,** Luk 8:13 bayalamukela, kodwa abana**m.**
**MPANDLA,** Lev 13:40 Uma indoda iba ne**m.,** ihlanzekile
2Kh 2:23 Yenyuka, **m.** ndini!
**MPELA,** 1Ti 6:19 ukuze babambisise ukuphila kwange**m.**
**MPENDULO,** IzA 15:1 I**m.** emnene inqanda ukufutheka

**MPI,** 1Sa 17:47 i**m.** ingekaJehova
Hu 46:9 Uqeda izi**m.**
Isay 2:4 Ngeke zisayifunda i**m.**
Hos 2:18 Ngiyowuqeda umnsalo ne**m.** ezweni
Zak 4:6 Ngeke kube ngebutho le**m.**
Efe 6:11 Gqokani zonke izembatho ze**m.**
IsA 12:7 Kwagqashuka i**m.** ezulwini
**MPILO,** 2Ti 1:13 esibonelweni samazwi ane**m.**
**MPINDISELO,** Dut 32:35 I**m.** ingeyami, nokubuyisela
**MPINI,** IsA 16:14 e**m.** yosuku olukhulu lukaNkulunkulu
**MPISI,** Isay 11:6 I**m.** iyohlala newundlu
Mat 7:15 beyizi**m.**, bembethe isikhumba semvu
Luk 10:3 njengamawundlu phakathi kwezi**m.**
IzE 20:29 kuzongena izi**m.** ezicindezelayo
**MPOFU,** 1Sa 2:8 Uphakamisa o**m.** emlotheni
Hu 9:18 aba**m.** ngeke balibaleke njalo
Hu 69:33 uJehova uyabalalela aba**m.**
IzA 30:8 Unganginiki ubu**m.** noma ingcebo
IzA 30:9 ungangenzi ngibe **m.** bese ngiyeba
2Ko 6:10 njengaba**m.** kodwa senza abaningi bacebe
2Ko 8:2 apha naphezu kobu**m.** bawo obukhulu
2Ko 8:9 uKristu, waba **m.** ngenxa yenu
Gal 2:10 ukuba sikhumbule aba**m.**
**MPONDO,** Dan 7:7 isilo sesine sasinezi**m.** eziyishumi
**MPUMALANGA,** Isay 41:2 ovuse othile e**m.**
**MPUMPUTHE,** Gen 19:11 awenza izi**m.** amadoda
Lev 19:14 ungabeki isikhubekiso phambi kwe**m.**
Isay 35:5 amehlo ezi**m.** ayovulwa
Mat 15:14 Bangabaholi abayizi**m.**
**MPUMUZO,** 2Th 1:7 nina enisosizini nizonikezwa i**m.**
**MPUNGA,** IzA 16:31 Izinwele ezi**m.** zingumqhele
**MPUNGUSHE,** Mat 8:20 Izi**m.** zinemigodi
**MSULWA,** IzE 20:26 ngi**m.** egazini labo bonke abantu
**MUKELA ABANYE,** Rom 12:13 Funani amathuba okwa**m.**
**MUKELA IZIVAKASHI,** Tit 1:7, 8 umbonisi abe owa**m.**
Heb 13:2 Ningakukhohlwa ukwa**m.**
**MUKELANANI,** Rom 15:7 ya**m.** njengoba nje noKristu
**MUKELA NGOKUFUDUMELE,** 3Jo 8 isibopho sokuba**m.**
**MUKELE,** Job 2:10 sa**m.** okuhle kuphela kuNkulunkulu?
Luk 3:22 uyiNdodana yami ethandekayo; ngikwa**m.**
**MUKELEKA,** 2Ko 6:2 isikhathi esa**m.** ngokukhethekile
**MUKELEKAYO,** Efe 5:10 niqinisekisa ukuthi yini eya**m.**
**MUKELEKE,** 2Ti 2:15 Yenza okusemandleni ukuze wa**m.**
**MUKELEKI,** 1Ko 9:27 ukuze ngingabi onga**m.**
**MUKELENI,** Rom 14:1 Ma**m.** onobuthakathaka
**MUKELWA,** Joh 12:43 babethanda ukwa**m.** abantu
1Ko 7:33 ukuthi ingakuthola kanjani ukwa**m.** umkayo
**MUMO,** Mat 24:44 hlalani nimi ngo**m.**
**MUNGULU,** Isay 35:6 Nolimi loyisi**m.** luyomemeza
**MUNYU,** IzA 18:14 ubani ongabekezelela umoya o**m.**?
**MUSA,** IzA 11:17 Umuntu ono**m.** uzizuzisa yena
IzA 31:26 Umthetho wo**m.** usolimini lwakhe
Isay 26:10 noma engaboniswa u**m.**, ngeke akufunde
Mat 16:22 Yiba no**m.** kuwe, Nkosi
IzE 28:2 Abantu basibonisa u**m.** ongavamile
**MUSA OMKHULU,** Joh 1:17 u**m.** waba khona ngoJesu
1Ko 15:10 U**m.** kimi awuzange ube yize
2Ko 6:1 ningamukeli u**m.** nilahlekelwa injongo
2Ko 12:9 U**m.** wami ukwanele
**MUTHI,** IzA 17:22 Inhliziyo ejabulayo ingu**m.** owelaphayo
**MUVA,** Luk 9:62 isandla egejeni, abheke izinto ezinge**m.**
**MVELO,** Lev 18:23 Kuwukweqa umthetho we**m.**
Rom 1:26 bashintsha ukusetshenziswa kwabo kwe**m.**
Rom 1:27 ukusetshenziswa kwe**m.** kowesifazane
Jud 7 izifiso zenyama ezingezona ezingokwe**m.**
**MVU,** Hu 100:3 Singabantu bakhe nezi**m.** zedlelo lakhe
Isay 53:7 Walethwa njenge**m.** izohlatshwa
Hez 34:12 Izi**m.** zami ngizozinakekela
Mat 25:33 Iyobeka izi**m.** ngakwesokudla sayo
**MVUBELO,** Mat 13:33 UMbuso wamazulu unjenge**m.**
1Ko 5:6 i**m.** encane iyibilisa yonke inhlama
**MVULA,** Gen 7:12 I**m.** yana izinsuku ezingu-40
Dut 11:14 i**m.** yasekwindla ne**m.** yasentwasahlobo
Dut 32:2 Imfundiso yami iyokuna njenge**m.**
Isay 55:10 Njengoba nje i**m.** ingabuyeli lapho
Mat 5:45 i**m.** ine kwabalungile nabangalungile
**MYENI,** 1Ko 7:2 owesifazane abe nowakhe u**m.**

## N

**NAKA,** Rom 8:6 uku**n.** inyama kusho ukufa
**NAKA IZINDABA ZENU,** 1Th 4:11 noku**n.** siqu
**NAKALI,** 1Ko 15:42 kuvuswa kunokungo**n.**
**NAKE,** 1Ti 4:16 Zi**n.** njalo wena nalokho okufundisayo
**NAKEKELANE,** 1Ko 12:25 amalunga awo a**n.**
**NAKHO,** Luk 14:33 ongavalelisi kukho konke a**n.**
**NAKI,** IzA 1:32 ukunga**n.** kweziphukuphuku
Jer 48:10 owenza umsebenzi kaJehova ngokunga**n.**!
1Th 4:8 akabonisi ukunga**n.** umuntu kodwa
**NALA,** Hu 72:16 Kuyoba ne**n.** yokudla okusanhlamvu
**NAMATHELE,** Gen 2:24 iyoshiya unina i**n.** kumkayo
Dut 10:20 kufanele u**n.** kuJehova, umkhonze
Jos 23:8 kumele ni**n.** kuJehova njengoba nje nenzile
**NAMBITHA,**
Heb 6:4 asebeye ba**n.** isipho sesihle sasezulwini
**NAMBITHANI,** Hu 34:8 **N.** nibone ukuthi uJehova muhle
**NAMBITHILE,** 1Pe 2:3 seni**n.** ukuthi iNkosi inomusa
**NATHANI,** 2Sa 12:7 U**N.** wathi: Nguwe leyo ndoda!
**NAYINI,** Luk 7:11 waya edolobheni okuthiwa i**N.**
**NCANE,** Isay 60:22 Om**n.** uyoba yinkulungwane
Zak 4:10 odelele usuku lwesiqalo esi**n.**?
Mat 7:13 Ngenani ngesango eli**n.**
Luk 9:48 oziphatha njengom**n.**
Luk 16:10 othembekile koku**n.** uthembekile
**NCEKU,** Isay 42:1 Bheka! I**n.** yami engiyisekelayo!
Isay 65:13 Izi**n.** zami ziyokudla kodwa nina
Mat 24:45 Ubani oyi**n.** ethembekile neqondayo?
Mat 25:21 Wenze kahle, **n.** enhle nethembekile!
Luk 17:10 Siyizi**n.** ezingelusizo lwalutho
Gal 5:13 ngothando yibani izi**n.** zomunye nomunye
**NCEKU EZIKHONZAYO,** 1Ti 3:8 Izi**n.** nazo kufanele
**NCELISAYO,** 1Th 2:7 njengalapho umama o**n.** enakekela
**NCENGA,** Rom 12:1 ngiyani**n.** ngozwela lukaNkulunkulu
2Ko 5:20 siya**n.**: Buyisanani noNkulunkulu
**NCENGELAYO,** Rom 8:34 UKristu Jesu nguye osi**n.**
**NCIKE,** 1Pe 4:11 njengo**n.** emandleni kaNkulunkulu
**NCINTISANA,** Gal 5:26 singabhebhezeli uku**n.**
**NCINTISWANENI,** Shu 9:11 abaphumeleli njalo em**n.**

**NCINZA,** 1Kh 11:3 abafazi nezan**n.** ezingu-300
**NCISHANAYO,** IzA 23:6 Ungakudli ukudla ko**n.**
**NCITHAKALO,** Hez 21:27 Ngizokwenza kube i**n.**, i**n.**, i**n.**
**NCOMA,** 1Ko 11:2 Ngiyani**n.** ngoba
Jud 16 be**n.** abantu ukuze kuzuze bona
**NCWADI,** Jos 1:8 ukukhuluma nge**n.** yoMthetho
Shu 12:12 Ukwenza izi**n.** eziningi akupheli
Mal 3:16 Kwabhalwa i**n.** yenkumbulo
IzE 19:19 bashisa izi**n.** zabo
**NCWADINI,** Eks 32:33 nguye engizomesula e**n.** yami
IsA 20:15 ongatholakalanga ebhaliwe e**n.** yokuphila
**NDABA,** Hu 112:7 Ngeke azesabe izi**n.** ezimbi
**NDABA EZINHLE,** Isay 52:7 izinyawo zalowo oletha izi**n.**
Mat 24:14 Lezi zi**n.** zoMbuso ziyoshunyayelwa
Luk 4:43 kumele ngishumayele izi**n.**
Rom 1:16 anginamahloni ngezi**n.**
1Ko 9:16 maye kimi uma ngingazimemezeli izi**n.**!
1Ko 9:23 ngenza zonke izinto ngenxa yezi**n.**
**NDALO,** Rom 8:20 i**n.** yenziwa ukuba iphile ngethemba
2Ko 5:17 emunye noKristu, uyi**n.** entsha
Kol 1:23 ezashunyayelwa kuyo yonke i**n.**
IsA 3:14 isiqalo se**n.** kaNkulunkulu
**NDAWO,** Joh 8:37 izwi lami aliyitholi i**n.**
Rom 15:23 ayikho i**n.** engingakashumayeli kuyo
**NDEBE,** Mat 20:22 Ningayiphuza yini i**n.**
Luk 22:20 Le **n.** isho isivumelwano esisha
Luk 22:42 uma uthanda, susa le **n.**
1Ko 11:25 Yenza okufanayo nange**n.**
**NDENI,** Efe 3:15 eqanjwe ngaye yonke imi**n.**
**NDIKINDIKI,** Hu 143:4 Inhliziyo yami i**n.**
**NDIVA,** Flp 3:7 izinto ezaziyinzuzo, ngizishaye i**n.**
**NDLA,** Hu 145:16 Uvula isa**n.** sakho, wanelise
Isay 35:3 Qinisani iza**n.** ezibuthakathaka
Isay 41:10 ngizokubamba ngesa**n.** sami sokudla
Zak 14:13 isa**n.** siyomelana nesa**n.** somngani
Mat 6:3 isa**n.** sobunxele masingazi
**NDLA ESIVULEKILE,** 1Ti 6:18 babe nesa**n.**
Jak 1:5 ekucela kuNkulunkulu, ubapha ngesa**n.**
**NDLALA,** Hu 37:19 Ngesikhathi se**n.** bayoba nenala
Amo 8:11 I**n.** okungeyona eyesinkwa, nokoma
**NDLALIFA,** Jer 23:5 ngiyovusela uDavide i**n.** elungile
Rom 8:17 siyizi**n.**—izi**n.** zikaNkulunkulu, izi**n.** noKristu
Gal 3:29 niyinzalo ka-Abrahama, izi**n.** zesithembiso
**NDLE,** Dut 23:13 bese ugqiba i**n.**
**NDLEKO,** Luk 14:28 angahlali phansi kuqala abale izi**n.**
**NDLELA,** IzA 4:18 i**n.** yabalungile injengokukhanya
IzA 16:25 i**n.** ebonakala iyinhle, isiphetho sayo ukufa
Isay 30:21 Nansi i**n.** Hambani ngayo
Mat 7:14 inyinyekile i**n.** eholela ekuphileni
Mat 13:4 enye imbewu yawela eceleni kwe**n.**
Joh 14:6 Mina ngiyi**n.** neqiniso nokuphila
IzE 1:11 uyokuza nge**n.** efanayo naleyo eniyibonile
IzE 9:2 abatholayo abangabaleyo **N.**
1Ko 4:17 Uzonikhumbuza izi**n.** zami
1Ko 10:13 uyokwenza ne**n.** yokuphuma
Flp 1:27 ziphatheni nge**n.** efanele izindaba ezinhle
**NDLELENI,** Jow 2:7 Ngamunye uhamba e**n.** yakhe
**NDLELENI YOKUCABANGA,** Efe 4:23 nenziwa basha e**n.**
**NDLINI,** Hu 27:4 Ukuba ngihlale e**n.** kaJehova
Hu 101:2 Ngizohamba ngobuqotho e**n.** yami
Luk 2:49 kumele ngibe se**n.** kaBaba
Joh 14:2 E**n.** kaBaba kukhona izindawo eziningi
IzE 5:42 nase**n.** ngendlu ngaphandle kokuyekethisa
IzE 7:48 oPhezukonke akahlali ezi**n.** ezenziwe
IzE 20:20 nokunifundisa obala nase**n.** ngendlu
**NDLINI ENGCWELE,** Hu 73:17 lapho ngingena e**n.**
**NDLOVUKAZI,** 1Kh 10:1 I**n.** yaseSheba yafika
**NDLU,** 2Sa 7:13 Yiyo eyokwakhela igama lami i**n.**
Hu 127:1 Ngaphandle kokuba uJehova eyakha i**n.**
Isay 56:7 iyobizwa ngokuthi yi**n.** yomthandazo
Isay 65:21 Bayokwakha izi**n.** bahlale kuzo
Joh 2:16 ukwenza i**n.** kaBaba i**n.** yokuhwebelana!
2Ko 5:1 siyoba ne**n.** ehlala phakade emazulwini
Efe 2:19 ningamalungu e**n.** kaNkulunkulu
Heb 3:4 yileyo naleyo **n.** yakhiwa othile
**NDLU ENGCWELE,** Eks 25:8 ningakhele i**n.**
**NDLUNKULU,** Mat 10:29 O**n.** ababili abathengiswa yini
**NDODA,** 1Ko 7:14 i**n.** engakholwa ingcwelisiwe
**NDODANA,** Hu 2:12 Hloniphani i**n.**, ukuze
IzA 13:24 ogodla induku uyayizonda i**n.**
IzA 15:20 I**n.** ehlakaniphile yenza uyise ajabule
Mat 3:17 Lo yi**N.** yami ethandekayo
Luk 15:13 i**n.** encane yasaphaza impahla
**NDODANA YOMUNTU,** Dan 7:13 kwakuza onjenge**n.**
Mat 10:23 ingakafiki i**N.**
Luk 21:27 bayobona i**N.** iza ngefu
**NDUDUZO,** Rom 15:4 nge**n.** evela emiBhalweni
2Ko 1:3 uNkulunkulu we**n.** yonke
**NDUKU,** IzA 13:24 ogodla i**n.** uyayizonda indodana
IsA 12:5 ozokwelusa izizwe zonke nge**n.** yensimbi
**NEBUKHADINEZARI,** Dan 2:1 u**N.** waphupha
**NEFILI,** Gen 6:4 Kwakukhona ama**N.** emhlabeni
**NEKE,** IzA 25:15 Yisi**n.** esigoba umuntu onegunya
**NELE,** 1Pe 4:3 sa**n.** isikhathi esidlule
**NELISWA,** 1Ti 6:8 uma sinokudla nezingubo, siyokwa**n.**
**NEMBEZA,** Rom 2:15 u**n.** wabo ufakazelana nabo
Rom 13:5 nangenxa ka**n.** wenu
1Ko 8:12 nilimaza u**n.** wabo obuthakathaka
1Ti 4:2 abano**n.** abashile
1Pe 3:16 Zigcineni nino**n.** omuhle
1Pe 3:21 isicelo sokuba no**n.** omuhle
**NETHI,** Mat 13:47 uMbuso wamazulu unjenge**n.**
Luk 5:4 nehlise ama**n.** enu ukuze nibambe
**NEZELE,** Mat 6:27 a**n.** ngisho nomzuzu?
**NGABAZAYO,** Jud 22 isihe kulabo aba**n.**
**NGABAZI,** Mat 21:21 uma ninokholo futhi ninga**n.**
Jak 1:6 ecela ngokholo, enga**n.**
**NGABI NABULUNGISA,** Rom 9:14 kukhona uku**n.**?
**NGABI NAMTHETHO,** 2Th 2:7 uku**n.** okuyimfihlakalo
**NGALO,** Joh 12:38 I**n.** kaJehova yambulelwe bani?
**NGAMELE,** 1Th 5:12 nibahloniphe nabane**n.**
**NGANE,** Hu 8:2 emlonyeni wezi**n.**
IzA 22:6 Qeqesha i**n.**; ngisho nalapho ikhula
Luk 10:21 uzifihlile, wazambulela izi**n.**
1Ko 13:11 ukucabanga njenge**n.**
1Ko 14:20 yibani izi**n.** ngokuqondene nobubi
**NGANI,** 2Kr 20:7 u-Abrahama um**n.** wakho

Hu 25:14 Ubu**n.** noJehova bungobalabo
Hu 55:13 m**n.** wami engimazi kahle
IzA 3:32 uba um**n.** nabaqotho
IzA 14:20 baningi aba**n.** besicebi
IzA 16:28 Umnyundeli uhlukanisa aba**n.** abakhulu
IzA 17:17 Um**n.** weqiniso ubonisa uthando
IzA 18:24 um**n.** onamathela ngaphezu komfowenu
IzA 27:6 Amanxeba abangelwa um**n.** athembekile
Luk 16:9 Zenzeleni aba**n.** ngengcebo engalungile
Joh 15:13 anikele ngokuphila kwakhe ngenxa yaba**n.**
Joh 15:14 Ningaba**n.** uma nenza enginiyala ngakho
Jak 2:23 U-Abrahama wabizwa ngom**n.** kaJehova
Jak 4:4 um**n.** wezwe yisitha sikaNkulunkulu
**NGAZI,** 1Ti 1:13 ngangenza ngoku**n.**
**NGCEBO,** IzA 30:8 Unganginiki ubumpofu noma i**n.**
Mat 6:24 ukuba izigqila zikaNkulunkulu neze**N.**
Mat 13:22 amandla e**n.** akhohlisayo
Luk 16:9 Zenzeleni abangani nge**n.** engalungile
**NGCEBWENI,** IzA 11:28 Othembela e**n.** yakhe uyowa
**NGCELE,** 1Ko 7:35 hhayi ukuze nginibekele imi**n.**
1Th 4:6 Akekho okufanele adlulele ngale kwemi**n.**
**NGCOLA,** 2Ko 7:1 masizihlanze kukho konke uku**n.**
Kol 3:5 nokuziphatha kabi ngokocansi, uku**n.**
**NGCOLENI,** Rom 1:24 uNkulunkulu wabanikela eku**n.**
**NGCOLILE,** Lev 13:45 amemeze athi, Ngi**n.**, ngi**n.**!
Job 14:4 ongaveza ohlanzekile ko**n.**?
Efe 5:4 inkulumo yobuwula noma amahlaya a**n.**
**NGCOLISWE,** Hez 39:7 igama lami elingcwele li**n.**
**NGCWELE,** Eks 26:33 e**N.** neNgcwelengcwele
Lev 19:2 Kufanele nibe **n.**, ngoba mina ngi**n.**
Dan 7:18 aba**n.** bayokwamukela umbuso
1Pe 1:15 yibani **n.** kukho konke ukuziphatha
IsA 4:8 U**n.**, u**n.**, u**n.** uJehova uNkulunkulu
**NGCWELISA,** Jer 1:5 Ngaku**n.** ungakazalwa
Hez 36:23 ngizoli**n.** igama lami elikhulu
**NGCWELISILE,** 1Kh 9:3 Ngiyi**n.** le ndlu
**NGCWELISWA,** Heb 12:14 Lwelani uku**n.**
**NGCWELISWE,** Luk 11:2 Baba, mali**n.** igama lakho
**NGEDWA,** Joh 16:32 ningishiye **n.** Kodwa angi**n.**
**NGEKE UKWAZI UKULWENZA,** Job 42:2 akukho o**n.**
**NGELOSI,** Gen 28:12 kwakunezi**n.** ezazehla zenyuka
2Kh 19:35 i**n.** yabulala amadoda angu-185 000
Hu 34:7 I**n.** kaJehova ivikela abamesabayo
Dan 3:28 othumele i**n.** yakhe yakhulula
Hos 12:4 [uJakobe] waqhubeka elwa ne**n.**
Mat 13:41 iyothumela izi**n.** zayo, zibuthe
Mat 22:30 banjengezi**n.** ezulwini
Mat 24:31 izi**n.** ziqoqele ndawonye abakhethiwe
IzE 5:19 i**n.** yavula iminyango yejele
IzE 12:11 uthumele i**n.** yakhe wangikhulula
1Ko 6:3 Anazi yini ukuthi siyokwahlulela izi**n.**?
Heb 13:2 bengazi, babungaza izi**n.**
1Pe 1:12 Izi**n.** zifisa ukubona zona lezi zinto
Jud 6 Nezi**n.** ezingasigcinanga isikhundla sazo
**NGELOSI ENKULU,** 1Th 4:16 ngezwi le**n.**
**NGELOSI EYINHLOKO,** Jud 9 uMikayeli i**n.**
**NGELOSINI,** Job 4:18 Nasezi**n.** zakhe ubona amaphutha
1Ko 4:9 siye saba umbukwane nasezi**n.**
**NGENE NGOKUNYENYA,** Jud 4 sebe**n.** phakathi kwenu
**NGENISANANI,** 1Pe 4:9 **N.** ngaphandle kokukhononda
**NGOMA,** Neh 12:46 izi**n.** zokudumisa nezokubonga
Hu 98:1 Hubelani uJehova i**n.** entsha
IzE 16:25 uPawulu noSila babedumisa nge**n.**
Kol 3:16 izi**n.** zokudumisa eziculwa ngokubonga
**NGOZI,** IzA 22:3 Onokuqonda uyayibona i**n.** acashe
**NGOZINI,** Rom 16:4 bafaka ukuphila e**n.** ngenxa yami
2Ko 11:26 ezi**n.** edolobheni, ezi**n.** ehlane
**NGQONDO,** Mat 22:37 umthande ngayo yonke i**n.**
Luk 12:20 Muntu ongena**n.**, ngalobu busuku
IzE 9:22 ayebonisa ngokune**n.** ukuthi lo nguKristu
Rom 7:25 nge**n.** yami ngiyisigqila somthetho
Flp 3:19 izi**n.** zabo zisezintweni zomhlaba
Kol 3:2 Gcinani izi**n.** zenu ezintweni zaphezulu
**NGQONDO ENHLE,** IzE 17:11 babene**n.**
**NGQONDONGQONDO,** Luk 10:21 uzifihlile ko**n.**
**NGQONGQOZA,** Mat 7:7 qhubekani ni**n.**, niyovulelwa
**NGULUBE,** Luk 15:15 sayithumela ukuba yeluse izi**n.**
**NGULUBENI,** Luk 8:33 Amademoni angena ezi**n.**
**NGULUBE YENSIKAZI,** 2Pe 2:22 ne**n.** ibuyele odakeni
**NGWE,** Isay 11:6 I**n.** ilale ndawonye nezinyane lembuzi
Dan 7:6 esinye isilo, esifana ne**n.**
**NGXABANO,** IzA 15:18 ophuza ukuthukuthela uqeda i**n.**
IzA 17:14 Ngaphambi kokuba kuqale i**n.**, hamba
**NGXENYE,** 1Ko 13:9 sinolwazi oluyi**n.**
**NGXENYE YOKUQALA,** Rom 8:23 nathi esamukela, i**n.**
**NHLAMVU,** Hu 17:8 Ngiqaphe njenge**n.** yeso lakho
Zak 2:8 Othinta nina uthinta i**n.** yeso lami
**NHLANHLA,** Isay 65:11 unkulunkulu we**N.**
**NHLANHLATHA,** Isay 53:6 siye sa**n.** njengezimvu
**NHLANZI,** Jon 1:17 wathumela i**n.** ukuze igwinye uJona
Joh 21:11 inethi, ligcwele izi**n.** ezinkulu ezingu-153
**NHLIZIYO,** Gen 6:5 nezifiso ze**n.** yakhe
1Kh 8:38 uyakwazi okukhathaza i**n.** yakhe
2Kr 16:9 yalabo aba**n.** yabo iphelele kuye
Ezr 7:10 U-Ezra wayelungise i**n.** yakhe
Hu 51:10 hlanza i**n.** yami
Hu 51:17 i**n.** ephukile nedabukile uyoyamukela
IzA 4:23 qapha i**n.** yakho, ngoba
IzA 17:3 uJehova ungumhloli wezi**n.**
IzA 17:22 I**n.** ejabulayo ingumuthi owelaphayo
IzA 17:25 Indodana iletha usizi ne**n.** ebuhlungu
IzA 28:26 othemba i**n.** yakhe uyisiphukuphuku
Jer 17:9 I**n.** ikhohlisa ngaphezu kwanoma yini
Jer 17:10 Mina, Jehova, ngicubungula i**n.**
Mat 22:37 uthande uJehova ngayo yonke i**n.** yakho
Luk 12:34 lapho umcebo ukhona, kulapho nezi**n.**
Luk 21:34 izi**n.** zenu zingalokothi zisindwe
Luk 24:32 Izi**n.** zethu bezingavuthi yini
IzE 16:14 wayivula i**n.** yakhe ukuze anake uPawulu
Heb 3:12 kukhule i**n.** embi ngenxa yokuhlehla
1Jo 3:20 uNkulunkulu mkhulu kunezi**n.** zethu
**NHLIZIYO EZIPHUKILE,** Hu 147:3 Upholisa izi**n.**
**NHLIZIYWENI,** Dut 6:6 La mazwi kumele abe se**n.**
Jer 31:33 ngiwulobe nasezi**n.** zabo
Mat 15:19 e**n.** kuphuma ukubulala, ukweba
Rom 6:17 nalulalela ngokusuka e**n.**
**NHLOKO,** 1Ko 11:3 ne**n.** yowesifazane yindoda

Efe 5:23 njengoba nje noKristu eyi**n.** yebandla
Efe 5:23 indoda iyi**n.** yomkayo
**NHLUPHEKO,** Hu 34:19 Ziningi izi**n.** zolungile
**NHLUPHO,** Eks 11:1 Kune**n.** engizoyiletha kuFaro
**NIKA AMANDLA,** Mat 11:28 Wozani kimi, ngizoni**n.**
Flp 2:13 uNkulunkulu uni**n.**, eninikeza isifiso
**NIKELA KUNKULUNKULU,** 1Ti 4:7 umgomo wokuzi**n.**
1Ti 4:8 ukuzi**n.** kuzuzisa ezintweni zonke
1Ti 6:6 kunenzuzo enkulu ukuzi**n.**
2Ti 3:12 labo abanokuzi**n.** bayoshushiswa
**NIKELA NGOKUPHELELE,** Hla 8:6 Nokuzi**n.** akugwemeki
**NIKELE NGOKUPHELELE,** Eks 34:14 ufuna bazi**n.**
**NIKELENI,** Rom 6:13 zi**n.** kuNkulunkulu
**NIKELO,** Lev 7:37 nom**n.** oshiswayo, um**n.** wesono
1Kr 29:9 Abantu bakujabulela ukwenza imi**n.**
2Kr 31:10 ngesikhathi abaqala ngaso ukuletha imi**n.**
Isay 1:11 Isingicikile imi**n.** yenu eshiswayo
**NIKELO OPHUZWAYO,** Flp 2:17 ngithululwa njengom**n.**
**NIKELO OWENZIWA NJALO,** Dan 11:31 aqede um**n.**
Dan 12:11 esikhathini okuyosuswa ngaso um**n.**
**NIKWE,** Luk 12:48 o**n.** okuningi, kuyofunwa okuningi
**NINEVE,** Jon 4:11 Akufanele yini ngilihawukele i**N.**?
**NINGI,** Luk 12:15 nalapho enoku**n.**, ukuphila kwakhe
1Ko 15:58 ninoku**n.** eningakwenza emsebenzini
**NISELA,** 1Ko 3:6 Mina ngatshala, u-Apholo wa**n.**
**NJA,** IzA 26:17 Njengomuntu obamba i**n.** ngamadlebe
Shu 9:4 i**n.** ephilayo ingcono kunebhubesi elifile
2Pe 2:22 I**n.** ibuyele emhlanzweni wayo
**NJABULO,** Neh 8:10 i**n.** kaJehova iyisiphephelo senu
Job 38:7 izinkanyezi zikhamuluka nge**n.**
Hu 27:4 Ngibuke ithempeli lakhe nge**n.**
Shu 2:24 kunokuba athole i**n.** emsebenzini
Isay 65:14 Izinceku zami ziyomemeza nge**n.**
Hez 18:32 Ayikho i**n.** engiyitholayo ngokufa komuntu
Luk 8:13 balamukela nge**n.** izwi
Luk 8:14 ngenxa yokuhungwa izinkathazo, ne**n.**
Luk 15:7 kuyoba ne**n.** ezulwini ngesoni
Joh 16:22 akekho oyoniphuca i**n.**
IzE 20:35 i**n.** eyengeziwe ekupheni
Rom 15:13 Kwangathi anganenza nigcwale i**n.**
1Th 1:6 nge**n.** evezwa umoya ongcwele
Heb 12:2 Ngenxa ye**n.** eyayiphambi kwakhe
**NJONGO,** IzA 16:4 wenza zonke izinto zifeze i**n.** yakhe
Rom 8:28 labo ababiziwe ngokwe**n.** yakhe
Rom 9:11 i**n.** kaNkulunkulu ayincikile emisebenzini
1Ko 9:26 indlela engigijima ngayo akuyona engena**n.**
Efe 3:11 kuvumelana ne**n.** engunaphakade
**NKABI,** Dut 25:4 Ungayivali ngesifonyo i**n.** ibhula ukudla
1Ko 9:9 yizi**n.** uNkulunkulu azikhathalelayo?
**NKAMBO,** IzE 20:24 ngingaqeda i**n.** yami nenkonzo
**NKANI,** 1Sa 15:23 ne**n.** iyafana nokwenza imilingo
IzE 19:9 beba ne**n.** bengafuni ukukholwa
2Pe 2:10 benamagangangozi futhi bene**n.**
**NKANTOLO,** Dan 7:10 I**N.** yahlala
Mar 13:9 Abantu bayoninikela ezi**n.**
1Ko 6:6 umuntu uyisa umfowabo e**n.**
**NKANUKO,** Kol 3:5 i**n.** yokuya ocansini engalawuleki
1Th 4:5 ngokushisa kwe**n.** yokuya ocansini
**NKANUKWENI,** Rom 1:26 e**n.** yokuya ocansini
**NKANYEZI,** Hu 147:4 zonke izi**n.** uzibiza ngamagama
Mat 24:29 ngemva kosizi izi**n.** ziyowa
IsA 2:1 izi**n.** eziyisikhombisa esandleni sakhe
**NKANYISO,** Flp 2:15 enikhanya njengezi**n.**
**NKATHAZO,** Hu 94:19 Lapho ngikhungethwe yizi**n.**
Mar 4:19 izi**n.** zokuphila namandla engcebo
Luk 8:14 ngokuhungwa izi**n.**, ingcebo nenjabulo
Luk 21:34 izinhliziyo zisindwe yizi**n.** zokuphila
**NKATHI,** Dan 2:21 Ushintsha izikhathi nezi**n.**
IzE 1:7 ukwazi izikhathi noma izi**n.**
1Th 5:1 ngokuqondene nezikhathi nezi**n.**
**NKATHO,** Hu 22:18 Zenza i**n.** ngezingubo zami
**NKAZIMULO,** Rom 8:18 ne**n.** ezokwambulwa
1Ko 10:31 zonke izinto zenzeleni i**n.** kaNkulunkulu
IsA 4:11 Kukufanele Jehova, ukwamukela i**n.**
**NKAZIMULWENI,** Rom 3:23 bayasilela e**n.** kaNkulunkulu
**NKEMBA,** 1Sa 17:47 uJehova akasindisi nga**n.**
Isay 2:4 Ziyokhanda izi**n.** zazo zibe amageja
Mat 26:52 abaphatha i**n.** bayofa nge**n.**
Efe 6:17 ne**n.** yomoya, izwi likaNkulunkulu
Heb 4:12 izwi likaNkulunkulu libukhali kune**n.**
**NKOHLAKALO,** Dan 6:4 ayikho i**n.** kuDaniyeli
**NKOHLISO,** 2Pe 2:3 bayonixhaphaza ngamazwi e**n.**
**NKOKHELO,** Gen 31:7 washintsha ne**n.** yami
Rom 6:23 Ngoba i**n.** yesono ukufa
**NKOKHISO,** 1Ko 9:18 izindaba ngaphandle kwe**n.**
**NKONZO,** IzE 20:24 ngingaqeda inkambo yami ne**n.**
Rom 11:13 ngikhazimulisa i**n.** yami
2Ko 4:1 sinale **n.** ngesihe
1Ti 1:12 njengothembekile ngokungabela i**n.**
2Ti 4:5 uyifeze ngokugcwele i**n.** yakho
**NKONZO ENGCWELE,** Rom 12:1 i**n.** ngamandla enu
**NKONZWENI,** 2Ko 6:3 kungatholakali phutha e**n.** yethu
**NKOSI,** Dut 10:17 uJehova yi**N.** yamakhosi
Hlu 21:25 kwakungena**n.** kwa-Israyeli
1Sa 23:17 uzoba yi**n.**, mina ngibe ngaphansi kwakho
Hu 2:6 ngiyimisile i**n.** yami
IzA 21:1 Inhliziyo ye**n.** injengemifudlana
Isay 32:1 I**n.** iyobusa ngenjongo yokulunga
Zak 14:9 UJehova uyoba yi**N.** emhlabeni
Mat 7:22 **N.**, **N.**, asiprofethanga egameni lakho?
Mat 9:38 ncengani i**N.** yokuvuna ukuba ithumele
Mat 21:5 I**n.** yakho iza kuwe, igibele imbongolo
Mat 27:29 Sawubona, **N.** yamaJuda!
Joh 19:15 Asina**n.** ngaphandle kukaKhesari
Rom 6:14 isono akumele sibe yi**n.** phezu kwenu
Rom 14:4 Yi**n.** yayo enqumayo ukuthi iyama noma
1Ko 15:25 kumele abuse njenge**n.**
Kol 4:1 nani nine**N.** ezulwini
**NKOSI ENGUMBUSI,** Hu 73:28 i**N.** uJehova isiphephelo
IzE 4:24 **N.**, wenza izulu nomhlaba
**NKOSIKAZI,** Mal 2:15 ningayikhohlisi i**n.** yobusha benu
1Ko 9:5 lokuhamba ne**n.** ekholwayo
**NKOSINI,** Mat 22:44 UJehova wathi e**N.** yami
1Ko 7:39 ukhululekile ukuba ashade, kuphela e**N.**
**NKOSI YASENINGIZIMU,** Dan 11:11 I**n.** iyovutha
Dan 11:40 i**n.** iyongqubuzana nayo
**NKOSI YASENYAKATHO,** Dan 11:7 nenqaba ye**n.**
Dan 11:40 i**n.** iyoyihlasela ngezinqola

**NKOZI,** Isay 40:31 Bayokhuphuka njengezi**n.**
**NKULULEKO,** Rom 8:21 ne**n.** yabantwana
2Ko 3:17 lapho kunomoya kaJehova, kukhona i**n.**
1Pe 2:16 ningasebenzisi i**n.** yenu njengesembozo
2Pe 2:19 bebathembisa i**n.**
**NKULUMO,** IzE 15:32 bakhuthaza abazalwane ngezi**n.**
**NKULUMO ELIMAZAYO,** Efe 4:31 ukuklabalasa ne**n.**
**NKULUMO ENYUNDELAYO,**
Lev 19:16 Akumele uhambe usakaza i**n.**
**NKULUNGWANE,** Hu 91:7 I**n.** iyokuwa eceleni kwakho
Isay 60:22 Omncane uyoba yi**n.**
2Pe 3:8 usuku olulodwa lunjengeminyaka eyi**n.**
**NKULUNKULU,** Dut 10:17 ungu**N.** wonkulunkulu
Mat 27:46 **N.** wami, ungishiyeleni?
Joh 1:18 Akekho oye wabona u**N.** noma nini
Joh 17:3 ukuba bakwazi, wena owukuphela kuka**N.**
Joh 20:17 Nginyukela ku**N.** wami no**N.** wenu
1Ko 8:4 akukho **N.** ngaphandle koyedwa
2Ko 4:4 u**n.** waleli zwe aye waphuphuthekisa
Efe 4:6 u**N.** oyedwa onguYise wabo bonke
1Jo 4:8 u**N.** uluthando
**NKUNGU,** Jak 4:14 niyi**n.** ebonakala isikhashana
**NKUNI,** IzA 26:20 Lapho kungekho zi**n.** umlilo uyacima
**NKUNZI,** Eks 21:28 Uma i**n.** ihlaba owesilisa
IzA 7:22 iyamlandela njenge**n.** iyohlatshwa
Hos 14:2 ngendlela ebesinganikela ngayo ngezi**n.**
**NKUTHALO,** Heb 6:11 abonise i**n.** efanayo
**NKWA,** Neh 9:15 Wabapha isi**n.** esivela ezulwini
Isay 55:2 Kungani nikhokhela lokho okungesona isi**n.**
Mat 4:4 Umuntu akumele aphile ngesi**n.** sodwa
Mat 6:11 Siphe namuhla isi**n.** sethu salolu suku
Mat 26:26 uJesu wathatha isi**n.**, wasihlephula
Joh 6:35 Mina ngiyisi**n.** sokuphila
1Ko 10:17 isi**n.** sinye, sonke sidla leso si**n.**
**NOTHO,** Isay 60:5 Um**n.** wezizwe uyoza kuwe
Isay 61:6 Niyodla um**n.** wezizwe
**NOWA,** Gen 6:9 U**N.** wahamba noNkulunkulu
Mat 24:37 zazinjalo izinsuku zika**N.**, kuyoba njalo
**NQABA YOKUQAPHA,** Isay 21:8 ngimi phezu kwe**n.**
**NQABILE,** Jer 8:9 Bale**n.** izwi likaJehova
**NQIKANQIKA,** Jak 1:8 ungumuntu oma**n.**
**NQOBA,** Rom 8:37 kuzo zonke lezi zinto siya**n.**
Rom 12:21 qhubeka u**n.** okubi ngokuhle
2Ko 2:14 osiholayo odwendweni loku**n.**
IsA 6:2 e**n.** futhi ephelelisa uku**n.** kwakhe
**NQOBAYO,** IsA 2:7 O**n.** ngiyomenza adle esihlahleni
**NQOBE,** Jer 1:19 ngeke baku**n.**, ngoba nginawe
**NQOBILE,** Joh 16:33 yibani nesibindi! ngili**n.** izwe
**NQOLA,** Hlu 4:13 izi**n.** ezingu-900 ezinamasikela
2Kh 6:17 izi**n.** zomlilo nxazonke zika-Elisha
**NQUMO,** Rom 11:17 ungum**n.** wasendle waxhunywa
**NQUNYWA,** Mat 25:46 bayo**n.** phakade
**NSALELA,** Mat 14:20 baqoqa izi**n.**, obhasikidi abangu-12
**NSEPHE,** Num 15:39 Kumele nibe nalo mphetho one**n.**
**NSIKA,** Gen 19:26 umkaLoti, waba i**n.** kasawoti
Eks 13:22 I**n.** yefu, ne**n.** yomlilo
Gal 2:9 labo ababebonakala beyizi**n.**
**NSIMBI,** IzA 27:17 Njengoba nje i**n.** ilola enye i**n.**
Isay 60:17 Esikhundleni se**n.** ngiyoletha isiliva
Dan 2:43 njengoba i**n.** inganamathelani nobumba
**NSIMINI,** Gen 2:15 wambeka e**n.** yase-Edene
**NSIMINI YAMAGILEBHISI,** Mat 20:1 izisebenzi e**n.**
Mat 21:28 Mntwana, hamba uyosebenza e**n.**
**NSIMU,** Mat 13:38 i**n.** yizwe
1Ko 3:9 Nina niyi**n.** kaNkulunkulu elinywayo
**NSIMU YAMAGILEBHISI,** Luk 20:9 Umuntu watshala i**n.**
**NSINDISO,** 2Kr 20:17 Yimani ninganyakazi, nibone i**n.**
Hu 3:8 I**n.** ingekaJehova
IzE 4:12 ayikho i**n.** kunoma ubani omunye
Rom 13:11 i**n.** yethu isiseduze kakhulu
IsA 7:10 I**n.** yethu ivela kuNkulunkulu wethu
**NSIZWA,** Hu 110:3 Iqembu lezi**n.** linjengamazolo
IzA 20:29 Udumo lwezi**n.** ngamandla azo
**NTABA,** Gen 7:20 Amanzi akhuphuka aze adlula izi**n.**
Isay 11:9 Ngeke kulimaze kuyo yonke i**n.** yami
Dan 2:35 libe yi**n.** enkulu lagcwala umhlaba
**NTABA YEMINQUMO,** IzE 1:12 i**N.**, eseduze
**NTABENI,** Hu 24:3 ongakhuphukela e**n.** kaJehova?
Isay 2:3 sikhuphukele e**n.** kaJehova
**NTABENI YEMINQUMO,** Luk 22:39 waya e**N.**
**NTAMBO,** Shu 4:12 i**n.** emicu mithathu ayigqashuki
Isay 42:3 Akukho **n.** elokozayo ayoyicima
Isay 54:2 yelula izi**n.** zetende lakho
**NTANDANE,** Eks 22:22 Ningayihluphi i**n.**
Hu 68:5 UNkulunkulu unguyise we**n.**
Jak 1:27 ukunakekela izi**n.** nabafelokazi
**NTANDO,** Hu 40:8 ukwenza i**n.** yakho
Hu 143:10 Ngifundise ukwenza i**n.** yakho
Mat 6:10 I**n.** yakho mayenzeke nasemhlabeni
Mat 7:21 yilowo kuphela owenza i**n.** kaBaba
Luk 22:42 makungenzeki i**n.** yami, kodwa eyakho
Joh 6:38 angehlanga ukuba ngizokwenza i**n.** yami
IzE 21:14 I**n.** kaJehova mayenzeke
Rom 12:2 okuyi**n.** kaNkulunkulu enhle
1Jo 2:17 lowo owenza i**n.** kaNkulunkulu uhlala
1Jo 5:14 esiyicelayo evumelana ne**n.** yakhe
**NTELA,** Mat 17:25 Amakhosi ayamukela kobani i**n.**
Luk 20:22 Kuwumthetho ukukhokha i**n.**?
Luk 23:2 enqabela ukukhokhwa kwezi**n.** kuKhesari
Rom 13:6 Yingakho futhi nikhokha izi**n.**
Rom 13:7 lowo ofuna i**n.**, i**n.**
**NTENGO,** 1Ko 7:23 Nathengwa nge**n.**
**NTETHE,** Isay 40:22 Abahlala kuwo banjengezi**n.**
**NTO,** Heb 10:34 ukuphangwa kwezi**n.** zenu
**NTO ENGEKHO,** Isay 41:29 Izithombe ziwumoya ne**n.**
**NTO ENYANYEKAYO,** Mat 24:15 i**n.** ebangela
**NTOMBAZANE,** Mar 5:42 i**n.** yavuka yahamba
**NTOMBAZANYANA,** 2Kh 5:2 athumba i**n.**
**NTOMBI,** Mat 25:1 uMbuso ungafaniswa nezi**n.**
1Ko 7:25 Ngokuphathelene nabayizi**n.**, anginamyalo
**NTONGA,** Gen 49:10 I**n.** yobukhosi ngeke isuke kuJuda
Hu 2:9 Uyoziphihliza nge**n.** yensimbi
**NTSHA,** Isay 42:9 ngimemezela izinto ezi**n.**
**NTSHISEKO,** Isay 37:32 uzokwenza ngenxa ye**n.**
Rom 10:2 bane**n.** ngoNkulunkulu
**NTU,** Efe 4:24 nigqoke ubu**n.** obusha
Kol 3:9 Hlubulani ubu**n.** obudala nemikhuba yabo
**NTU BEZWE LAKINI,** 1Th 2:14 ezandleni zaba**n.**
**NTUKUNTUKU,** IsA 3:16 Ngenxa yokuthi u**n.**

**NTUKUTHELO,** Hu 37:8 Hlukana ne**n.** nolaka
IzA 16:32 Nolawula i**n.** yakhe ungcono
IzE 15:39 Kwaqhuma i**n.** enkulu
Kol 3:8 nilahle i**n.** nenkulumo elimazayo
**NTU OFAYO,** Hu 8:4 Uyini umu**n.** ukuba umkhumbule
**NTUTHUKO,** 1Ti 4:15 ukuze i**n.** yakho ibonakale
**NTUTHWANE,** IzA 30:25 Izi**n.** zilungisa ukudla ehlobo
**NTUTHWANENI,** IzA 6:6 Yana e**n.** vila ndini
**NTWANA,** Dut 7:14 akekho ongeke abe nabo aba**n.**
Dut 31:12 Qoqela abantu ndawonye, aba**n.**
Hlu 13:8 okufanele sikwenze kum**n.** ozozalwa
Isay 54:13 aba**n.** bakho bayofundiswa uJehova
Mat 11:16 Sifana naba**n.** abahlezi ezigcawini
Mat 18:3 ngaphandle kokuba nibe njengaba**n.**
Mat 19:14 Bayekeni aba**n.**, ningabavimbi
Luk 9:47 wathatha um**n.** omncane
Rom 8:21 inkululeko yaba**n.** bakaNkulunkulu
1Ko 7:14 aba**n.** benu bebeyoba abangcolile
2Ko 12:14 aba**n.** akulindelekile baqongelelele abazali
Efe 6:1 Ba**n.**, lalelani abazali
1Jo 3:2 sesingaba**n.** bakaNkulunkulu
**NTWENI ZOKUCATHULA,** Gal 4:9 nibuyele ezi**n.**
**NWE,** Eks 31:18 abhalwe ngomu**n.** kaNkulunkulu
**NWELE,** Mat 10:30 nezi**n.** ezisemakhanda zibaliwe
Luk 21:18 ngeke kushabalale ngisho no**n.** olulodwa
1Ko 11:14 izi**n.** ezinde ziyihlazo endodeni
**NXEBA,** IzA 23:29 Ubani onama**n.**?
IzA 27:6 Ama**n.** abangelwa umngani athembekile
Isay 53:5 Ngenxa yama**n.** akhe selashwa
IsA 13:3 elinye lamakhanda line**n.** elibulalayo
**NXEPHEZELO,** Eks 21:36 kumele akhiphe isi**n.**
**NXUSA,** 2Ko 5:20 singama**n.** abambele uKristu
1Ti 2:1 uku**n.**, imithandazo
Flm 9 ngincamela ukuku**n.** ngesisekelo sothando
Heb 5:7 uKristu wa**n.** wenza nezicelo
Jak 5:16 Uku**n.** komuntu olungile
**NYAKAZISWA,** 1Th 3:3 kungabikho o**n.** yilezi zinsizi
2Th 2:2 ninga**n.** kalula ekuqondeni kwenu
**NYAKENI,** Num 14:34 izinsuku ezingu-40, izinsuku o**n.**
**NYAMA,** Job 33:25 I**n.** yakhe mayibe ntsha
Rom 8:5 labo abaphila ngokuvumelana ne**n.**
1Ko 2:14 umuntu we**n.** akazamukeli izinto zomoya
1Ko 3:3 ngoba nisengabantu abalandela izifiso ze**n.**
1Ko 15:50 i**n.** negazi akukwazi ukuzuza ifa loMbuso
Gal 5:19 Imisebenzi ye**n.** ibonakala ngokucacile
**NYAMANYE,** Gen 2:24 babe **n.**
**NYANGA,** Jow 2:31 ne**n.** ibe yigazi
**NYANGENI,** Luk 21:25 izibonakaliso elangeni nase**n.**
**NYANGO,** Joh 20:19 imi**n.** yayikhiyiwe, uJesu wafika
1Ko 16:9 um**n.** omkhulu oholela emsebenzini
IsA 3:20 Ngimi em**n.** ngiyangqongqoza
**NYATHELE,** Heb 10:29 o**n.** iNdodana kaNkulunkulu
**NYATHELO,** Jer 10:23 igunya lokuqondisa isi**n.**
Gal 6:1 noma umuntu ethatha isi**n.** okungesona
1Pe 2:21 nilandele izi**n.** zakhe eduze
**NYAWO,** Isay 52:7 zinhle izi**n.** zoletha izindaba ezinhle
Joh 13:5 waqala ukugeza izi**n.** zabafundi
Rom 16:20 uzomchoboza ngaphansi kwezi**n.**
**NYE,** Hu 133:1 abazalwane bahlale ndawonye ngobu**n.**!
Zef 3:9 Ukuze zimkhonze ngobu**n.**
Efe 4:3 ukugcina ubu**n.** bomoya
Efe 4:13 lapho sonke sesimu**n.** okholweni
Flp 2:2 ninobu**n.** obugcwele
Kol 3:14 uthando, lwenza abantu babe nobu**n.**
**NYE IZIMVU,** Joh 10:16 Nginezi**n.**
**NYEMBEZI,** 2Kh 20:5 ngizibonile izi**n.**
Hu 6:6 ngimanzisa umbhede wami ngezi**n.**
Hu 6:6 Usofa wami umanzi yizi**n.** zami
Hu 126:5 abahlwanyela imbewu ngezi**n.** bayovuna
Shu 4:1 izi**n.** zabacindezelwayo
IzE 20:19 ngakhonza iNkosi ngezi**n.** nangezilingo
IzE 20:31 ukuyala ngamunye wenu ngezi**n.**
Heb 5:7 uKristu wanxusa ngezi**n.**
IsA 21:4 Uyosula zonke izi**n.** emehlweni abo
**NYOKA,** Gen 3:4 I**n.** yathi kowesifazane:
Joh 3:14 njengoba uMose aphakamisa i**n.** ehlane
**NYOKO,** Eks 20:12 Hlonipha uyihlo no**n.**
IzA 23:22 Ungamedeleli u**n.** ngoba esegugile
**NYONGA,** Isay 35:6 olu**n.** uyogxumagxuma
Mal 1:8 niletha isilwane esilu**n.** noma esigulayo
**NYONI,** Mat 6:26 Bukisisani izi**n.** zezulu
**NYUKELA,** Joh 3:13 akekho umuntu oye wa**n.** ezulwini
**NYUMBA,** Eks 23:26 Ngeke kube khona oyi**n.**
Isay 54:1 Memeza, wena wesifazane oyi**n.**!
**NYUNDELI,** IzA 16:28 Nom**n.** uhlukanisa abangani
**NYUNDELWA,** 1Ko 4:13 uma si**n.**, siphendula ngokuzola
**NZALO,** Gen 3:15 phakathi kwe**n.** yakho neyakhe
Gen 22:17 nakanjani ngiyoyandisa i**n.** yakho
Isay 65:23 Bayi**n.** yababusiswe uJehova
Gal 3:29 niyi**n.** ka-Abrahama, izindlalifa
**NZALWENI,** Gal 3:16 nase**n.** yakho, enguKristu
**NZIMA,** 2Th 1:4 nokholo kubo bonke ubu**n.**
1Pe 4:18 uma olungile esindiswa ka**n.**
**NZONDO,** Efe 4:31 yonke inhlobo ye**n.**, intukuthelo
**NZUZO,** IzA 14:23 i**n.** kuzo zonke izinhlobo zomsebenzi
IzA 15:27 i**n.** ngobuqili ulethela umndeni izinkinga
IzE 20:20 ukunitshela noma yini ezintweni eziyi**n.**
1Ko 10:24 makangazifuneli i**n.** yakhe siqu, kodwa
1Ko 13:5 [uthando] aluzifuneli izi**n.** zalo
Flp 2:21 abanye bazifunela izi**n.** zabo

## O

**OME,** Isay 49:10 noma b**o.**
**OMILE,** Isay 55:1 Wozani nina nonke en**o.**
Joh 7:37 Uma ekhona ow**o.**, makeze kimi
**ONA,** Mat 18:15 uma umfowenu **o.**, hamba
**ONAKALISI,** 2Ko 4:2 futhi asil**o.** izwi likaNkulunkulu
**ONDLA,** Joh 21:17 wathi kuye: “Y**o.** amawundlu ami
**ONDLI,** 1Ti 5:8 uma umuntu engab**o.** abakubo
**ONE,** Gen 39:9 ububi obungaka ng**o.** kuNkulunkulu?
**ONI,** 1Kh 8:46 akekho umuntu ong**o.**
Hu 1:5 Nez**o.** ngeke zime nabalungile
Luk 15:7 injabulo nges**o.** esiphendukayo
Luk 18:13 yiba nomusa kimi, mina s**o.**
Joh 9:31 Siyazi ukuthi uNkulunkulu akazilaleli iz**o.**
Rom 5:8 ngesikhathi siseyiz**o.**, uKristu wasifela
**ONILE,** 2Sa 12:13 UDavide: Ng**o.** kuJehova
Rom 3:23 bonke b**o.** bayasilela enkazimulweni

**ONIWE,** 1Ko 6:7 kungani ningavumi ukuba n**o.**?
**ONO,** Gen 4:7 is**o.** sicuthe emnyango
Hu 32:1 Uyajabula othethelelwe is**o.** sakhe
Hu 38:18 Ngangikhathazekile ngenxa yes**o.** sami
Isay 1:18 Nakuba iz**o.** zenu zibomvu
Isay 38:17 iz**o.** zami uziphonse ngemva kwakho
Isay 53:5 Wahlukunyezwa ngenxa yez**o.** zethu
Isay 53:12 Wathwala is**o.** sabaningi
Jer 31:34 is**o.** sabo ngeke ngisasikhumbula
Mar 3:29 ohlambalaza umoya unes**o.** saphakade
Joh 1:29 iWundlu likaNkulunkulu elisusa is**o.** sezwe!
IzE 3:19 phendukani ukuze kusulwe iz**o.** zenu
Rom 3:25 wayethethelela iz**o.** zesikhathi esidlule
Rom 5:12 Ngomuntu oyedwa is**o.** sangena ezweni
Rom 6:14 is**o.** akumele sibe yinkosi
Rom 6:23 inkokhelo yes**o.** ukufa
Kol 2:18 ngendlela yokucabanga yabantu abanes**o.**
1Ti 5:24 iz**o.** zabanye zibonakala kamuva
Jak 4:17 azi okuhle kodwa angakwenzi, wenza is**o.**
Jak 5:15 uma enze iz**o.**, uyothethelelwa
1Jo 1:7 igazi likaJesu lisihlanza kuso sonke is**o.**
1Jo 2:1 uma umuntu enza is**o.**, sinomsizi
1Jo 5:17 Konke ukungalungi kuyis**o.**
**ONWENI,** Hez 33:14 Lapho omubi ephenduka es**o.**
**OPHO,** Mat 9:20 owayesehlushwe um**o.**

## P

**PAWULU. Bheka nelithi SAWULU,** 1Ko 1:12 ngingoka**P.**
**PETRU,** Mat 14:29 u**P.**, wahamba phezu kwamanzi
Luk 22:54 u**P.** wayelandela ekude
Joh 18:10 u**P.** owayephethe inkemba, wayihosha
IzE 12:5 u**P.** wayegcinwe ejele, kodwa ibandla
**PHAKADE,** Gen 3:22 ukuze angadli aphile kuze kube **p.**
Hu 37:29 Abalungile bayohlala **p.** emhlabeni
Shu 3:11 Uze wafaka nobu**p.** ezinhliziyweni zawo
Shu 3:14 konke akwenzayo, kuyoba khona **p.**
1Pe 1:25 izwi likaJehova lihlala **p.**
**PHAKAMISAYO,** Jak 4:6 umelana nabazi**p.**
**PHAKATHI,** Rom 7:22 umuntu enginguye nga**p.**
2Ko 4:16 umuntu esinguye nga**p.** wenziwa musha
Efe 3:16 nibe namandla kumuntu eninguye nga**p.**
**PHAKEME,** Rom 12:16 ninganaki izinto ezi**p.**
Rom 13:1 makazithobe emagunyeni a**p.**
**PHAMBEKO,** Hu 40:12 Izi**p.** zami ziningi kunezinwele
**PHAMBI,** Lev 19:13 Ungam**p.** omunye umuntu
**PHANAYO,** IzA 11:25 Umuntu o**p.** uyochuma
**PHANDLE,** 1Ko 5:13 Kuyilapho ahlulela abanga**p.**?
Kol 4:5 ngokuhlakanipha ngakulabo abanga**p.**
**PHANGI,** Lev 19:13 Ungam**p.** omunye umuntu
**PHANGWA,** Heb 10:34 nakwamukela uku**p.** kwezinto
**PHANJWE,** 1Ko 6:7 Kungani ningavumi ukuba ni**p.**?
**PHANSI,** 1Sa 2:8 Uvusa umuntu o**p.** othulini
Hu 41:1 omcabangelayo o**p.**
**PHAPHAMELE,** 1Pe 4:7 abahluzekile ni**p.** ukuthandaza
**PHAPHEME,** Luk 21:36 hlalani ni**p.**, ninxusa
1Ko 16:13 Hlalani ni**p.**, nime niqinile okholweni
IsA 16:15 Uyajabula ohlala e**p.**
**PHARADESI,** Luk 23:43 uyokuba nami e**P.**
2Ko 12:4 owathathwa wayiswa e**p.**
**PHARELE,** Mat 7:6 ningawaphonsi ama**p.** ezingulubeni
Mat 13:45 uMbuso unjengomthengisi ofuna ama**p.**
**PHASIKA,** Eks 12:11 Yi**P.** likaJehova
Eks 12:27 we**P.** esiwenzela uJehova, owadlula
1Ko 5:7 uKristu imvu ye**P.** wenziwe umhlatshelo
**PHATHA,** Gal 6:16 hamba ngalo mthetho wokuzi**p.**
1Pe 2:12 Gcinani ukuzi**p.** kwenu kukuhle ezizweni
1Pe 3:1 bazuzwe ngokuzi**p.** kwamakhosikazi abo
1Pe 3:16 baphoxeke ngenxa yokuzi**p.** kwenu
**PHATHA KABI NGOKOCANSI,** Mat 15:19 ukuzi**p.**
1Ko 5:9 ukuzihlanganisa nabantu abazi**p.**
1Ko 6:9 abazi**p.** ngeke balizuze ifa loMbuso
1Ko 6:18 Balekelani ukuzi**p.**!
Gal 5:19 iwukuzi**p.**, ukungcola,
Efe 5:3 Ukuzi**p.** makungaphathwa nakuphathwa
**PHATHA KABI OKUHAMBISANA NENDELELO,** Gal 5:19 ngokocansi, ukuzi**p.**
2Pe 2:7 uLoti wayecindezelekile ngenxa yokuzi**p.**
**PHATHA OKUHLE,** Efe 4:19 umuzwa wokuzi**p.**
**PHATHE KAHLE,** Efe 5:29 uyawondla futhi awu**p.**
**PHATHENI KABI NGOKOCANSI,** IzE 15:20 ekuzi**p.**
1Th 4:3 uNkulunkulu akuthandayo, nidede ekuzi**p.**
**PHATHI,** Luk 12:42 Ubani ongum**p.** othembekile?
1Ko 4:2 kuba**p.** ukuthi batholakale bethembekile
**PHATHI KABI NGOKOCANSI,** 1Ko 10:8 Masingazi**p.**
**PHATHIMANDLA,** Tit 3:1 balalele izi**p.**
**PHATHISA,** Luk 16:11 ubani oyoni**p.** ingcebo?
**PHATHWA,** Efe 5:3 makunga**p.** nakuphathwa
**PHAWU,** Hla 8:6 Ngibeke njengo**p.** enhliziyweni yakho
Hez 9:4 ubeke u**p.** eziphongweni
Mat 24:3 u**p.** lokuba khona kwakho?
2Ko 1:22 Ubeke no**p.** lwakhe kithi wasinika no**p.**
2Ko 1:22 no**p.** lwalokho okuzayo, umoya
IsA 13:17 ngaphandle komuntu ono**p.**
**PHAWULIWE,** 2Th 3:14 mgcineni e**p.** lowo
**PHAYO,** Eks 35:5 umuntu onenhliziyo e**p.** makalethe
**PHAZAMISEKA,** 1Ko 7:35 eNkosini ngaphandle koku**p.**
**PHAZAMISI,** IzE 5:38 ningaba**p.** laba bantu
**PHAZANYISWA,** Luk 10:40 uMarta waye**p.** imisebenzi
**PHEFUMULAYO,** Hu 150:6 Konke oku**p.** kudumisa uJah
**PHEFUMULELWA,** 1Kr 28:12 eladluliselwa ngoku**p.**
**PHEFUMULELWE,** 2Ti 3:16 Yonke imiBhalo i**p.**
**PHEFUMULO,** Num 31:28 um**p.** owodwa kubantu
Hez 18:4 Um**p.** owonayo uyokufa
Mat 22:37 uthande uJehova ngawo wonke um**p.**
**PHEFUMULO WONKE,** Efe 6:6 intando yakhe ngom**p.**
Kol 3:23 Noma yini eniyenzayo, yenzeni ngom**p.**
**PHELA,** Mat 24:14 ngemva kwalokho uku**p.** kuyofika
**PHELELE,** Dut 32:4 UyiDwala, u**p.** umsebenzi wakhe
1Kr 28:9 umkhonze ngenhliziyo e**p.**
2Kr 16:9 labo abanhliziyo yabo i**p.** kuye
Hu 19:7 Umthetho kaJehova u**p.**
Mat 5:48 nibe ngaba**p.**, njengoba noYihlo e**p.**
Heb 2:10 uMmeli Oyinhloko a**p.** ngezinhlupheko
**PHELELWE AMANDLA,** Isay 40:28 UJehova ngeke a**p.**
**PHELENI,** Joh 13:1 wabathanda kwaze kwaba seku**p.**
**PHELO,** Mat 28:20 Nginani kuze kube isi**p.** sesimiso
**PHENDUKA,** IzE 26:20 imisebenzi efanele uku**p.**
2Ko 7:10 ukudabuka kuveza uku**p.**

**PHENDUKANI,** IzE 3:19 **p.** futhi niguquke
**PHENDUKAYO,** Luk 15:7 injabulo ngesoni esi**p.**
**PHENDUKE,** IzE 17:30 bonke abantu kufanele ba**p.**
IsA 16:11 bahlambalaza uNkulunkulu abazange ba**p.**
**PHENDUKENI,** Rom 2:4 uzama ukukuholela eku**p.**
**PHENDULA,** IzA 15:23 Uyajabula o**p.** ngendlela efanele
IzA 15:28 olungile uyazindla ngaphambi koku**p.**
IzA 18:13 e**p.** ngaphambi kokuba ezwe amaqiniso
Isay 65:24 nangaphambi kokuba bangibize, ngiyo**p.**
**PHENDULE,** Kol 4:6 nazi ukuthi nim**p.** kanjani umuntu
**PHENI,** IzE 20:35 injabulo eyengeziwe eku**p.**
**PHENYO,** Dut 13:14 wenze u**p.** olunzulu
**PHEPHA,** IzA 3:23 kanjalo uyohamba ngoku**p.**
**PHEPHELA,** Hu 9:9 UJehova uyindawo yoku**p.**
Zef 3:12 Bayo**p.** egameni likaJehova
**PHEPHELO,** Hu 18:2 UJehova uyisi**p.** sami
Isay 25:4 isi**p.** kophansi, isi**p.** kompofu
**PHEPHILE,** Hu 26:12 Unyawo lwami lumi endaweni e**p.**
**PHEPHISA,** Flp 3:1 Ukunibhalela ku**p.** nina
**PHETHE LUTHO,** Dut 16:16 okufanele avele enga**p.**
**PHETHO,** Shu 12:13 Isi**p.** sendaba yilesi:
Isay 46:10 Ngibikezela isi**p.** kusukela ekuqaleni
**PHEZU KAKHULU,** Efe 3:20 ongenza okunga**p.**
**PHEZUKONKE,** Hu 83:18 uJehova, ungo**P.**
Dan 4:17 bazi ukuthi o**P.** unguMbusi
**PHEZU KWAMANDLA,** Gen 18:14 okunga**p.** kaJehova?
**PHIK' UKRISTU,** 1Jo 2:18 sekunaba**p.** abaningi
**PHIKA,** IzA 30:9 ngingasuthi bese ngiku**p.**
Mar 14:30 uzongi**p.** kathathu
Tit 1:16 bayam**p.** uNkulunkulu ngemisebenzi yabo
**PHIKISANA,** IzE 17:7 izinto ezi**p.** nezinqumo zikaKhesari
Flp 1:28 anethuswa yilabo aba**p.** nani
**PHIKISAYO,** IzA 24:21 Ungazihlanganisi nabantu aba**p.**
**PHIKISI,** Luk 21:15 aba**p.** abangeke bakuphikise
1Ko 16:9 kodwa kukhona aba**p.** abaningi
**PHIKISWA,** 1Th 2:2 saqunga isibindi naphezu koku**p.**
**PHIKO,** Rut 2:12 ngaphansi kwama**p.** akhe
**PHILA,** Dut 30:19 ngibeke uku**p.** nokufa phambi kwakho
Hu 36:9 Ungumthombo woku**p.**
Luk 9:24 ofuna ukusindisa uku**p.** kwakhe
Joh 5:26 njengoba uBaba enoku**p.** kuye
Joh 11:25 Mina ngingukuvuka noku**p.**
IzE 20:24 uku**p.** angikubheki njengokubalulekile
1Th 4:15 phakathi kwethu abayobe besa**p.**
Heb 4:12 izwi likaNkulunkulu liya**p.**
**PHILA OKUPHAKADE,** Luk 18:30 noku**p.**
Joh 3:16 angabhubhi kodwa athole uku**p.**
Joh 17:3 Lokhu kusho uku**p.**, ukuba bakwazi
IzE 13:48 ababenesimo esasiyobenza bathole uku**p.**
Rom 6:23 isipho uNkulunkulu asinikezayo uku**p.**
1Ti 6:12 bambisisa uku**p.**
**PHILAYO,** Dan 6:26 unguNkulunkulu o**p.**
Luk 20:38 uNkulunkulu waba**p.**, bayaphila kuye
Tit 2:1 izinto ezihambisana nemfundiso e**p.**
**PHILE,** Job 14:14 Uma umuntu efa, angabuye a**p.?**
**PHILELA,** 2Ko 5:15 bangabe besazi**p.** bona
**PHILENI OKUPHAKADE,** Dan 12:2 bavukele eku**p.**
**PHILISA,** IzA 12:18 ulimi lwabahlakaniphile luya**p.**
**PHINDISELA,** 2Th 1:8 njengoba i**p.** kulabo
**PHINDISELELI,** Rom 12:19 Ningazi**p.** bathandekayo
**PHINGA,** Mat 19:9 ashade nomunye, uya**p.**
**PHINGI,** Eks 20:14 Unga**p.**
1Ko 6:9 izi**p.** ngeke zilizuze ifa loMbuso
**PHINGILE,** Mat 5:28 use**p.** kakade enhliziyweni yakhe
**PHO,** Rom 6:23 isi**p.** uNkulunkulu asinikezayo ukuphila
Rom 12:6 Sinezi**p.** ezihlukahlukene
1Ko 7:7 yilowo nalowo unesi**p.** sakhe
Efe 4:8 izithunjwa; waphana ngezi**p.** ezingabantu
Jak 1:17 zonke izi**p.** zivela phezulu
**PHOLISA,** Hu 147:3 U**p.** izinhliziyo eziphukile
**PHONDO,** Dan 8:8 u**p.** olukhulu lwaphuka
**PHONGO,** Hez 3:9 isi**p.** saba lukhuni kunetshe elicijile
**PHONGOLO,** Eks 25:10 ningakhele um**p.**
2Sa 6:6 u-Uza wabamba uM**p.**
1Kr 15:2 Akumele athwale uM**p.**
**PHONGWENI,** Hez 9:4 ubeke uphawu ezi**p.** zabantu
**PHOSTOLI,** Mat 10:2 Amagama aba**p.** abangu-12 yilawa
IzE 15:6 aba**p.** namadoda amadala bahlangana
1Ko 15:9 ngingomncane kunabo bonke aba**p.**
2Ko 11:5 kunaba**p.** benu abahle kakhulu
**PHOXEKILE,** Ezr 9:6 ngi**p.** ukuba ngingathandaza
**PHUCE,** Lev 21:5 Akufanele ba**p.** amakhanda abo
**PHUKELWA UMKHUMBI,** 2Ko 11:25 nga**p.** kathathu
1Ti 1:19 base be**p.** wokholo
**PHUKILE,** Hu 34:18 aba**p.** enhliziyweni
Hu 51:17 Imihlatshelo eya kuNkulunkulu iwumoya o**p.**
Isay 66:2 ngizombheka othobekile no**p.** emoyeni
**PHUKILE ENHLIZIYWENI,** Hu 34:18 useduze naba**p.**
**PHUKUPHUKU,** IzA 14:15 Oyisi**p.** ukukholwa konke
**PHULUKISA,** Luk 9:11 wa**p.** ababedinga ukwelashwa
**PHULUKISWA,** 2Kr 36:16 ithemba lokuthi banga**p.**
**PHULWA,** IzA 29:1 oqinisa ikhanda uyokwe**p.**
**PHUMANI,** Isay 52:11 **p.** lapho, ningathinti lutho!
IsA 18:4 **P.** kulo, bantu bami
**PHUMELELA,** Jos 1:8 wenza kanjalo uyo**p.**
1Kh 2:3 uyo**p.** kukho konke
2Kr 20:20 Yibani nokholo kubaprofethi, niyo**p.**
Hu 1:3 Konke akwenzayo kuyo**p.**
Isay 55:11 izwi lami liyo**p.**
**PHUMULA,** Dan 12:13 Uzo**p.** kodwa uyosukuma
**PHUMULA KWESABATHA,** Heb 4:9 basalelwe uku**p.**
**PHUPHO,** Shu 5:3 i**p.** liba khona ngenxa yemisebenzi
**PHUPHUNYELWA ISISU,** Eks 23:26 owesifazane o**p.**
**PHUPHUTHEKISA,** 2Ko 4:4 uye wa**p.** izingqondo
**PHUTHA,** Job 6:24 Ngisize ngiqonde i**p.** lami
Hu 130:3 ukube ububheka ama**p.**
**PHUZE,** Isay 46:13 Insindiso yami ngeke ye**p.** ukufika
Hab 2:3 Ngeke we**p.!**
Jak 1:19 e**p.** ukukhuluma, angasheshi ukuthukuthela
**PHUZI,** 2Pe 3:9 UJehova ake**p.** ukugcwalisa isithembiso
**PILATU,** Joh 19:6 U**P.** wathi kubo: Angitholi phutha
**PRISILA,** IzE 18:26 u**P.** no-Akhwila, bamthatha base
**PRISTI,** Hu 110:4 ungum**p.** kuze kube phakade
Hos 4:6 ngizokwenqabela ungakhonzi njengom**p.**
Mik 3:11 Aba**p.** bafundisa ngenjongo yokuthola imali
Mal 2:7 Izindebe zom**p.** kufanele zifundise ulwazi
IzE 6:7 isixuku esikhulu saba**p.** saba amakholwa
Heb 2:17 um**p.** ophakeme onesihe nothembekile
IsA 20:6 bayoba ngaba**p.**, iminyaka engu-1 000
**PRISTI ABANGAMAKHOSI,** 1Pe 2:9 aba**p.**

**PROFETHA,** Jow 2:28 Amadodana namadodakazi ayo**p.**
**PROFETHI,** Dut 18:18 Ngiyobavusela um**p.** onjengawe
1Kh 18:4 u-Obadiya wafihla aba**p.** abangu-100
Hez 2:5 bayokwazi ukuthi um**p.** ubephakathi kwabo
Amo 3:7 yambule imfihlo ezincekwini, aba**p.**
Amo 7:14 Ngangingeyena um**p.** nendodana yom**p.**
IzE 10:43 Bonke aba**p.** bafakaza ngaye
**PROFETHI BAMANGA,** Mat 7:15 aba**p.** bembethe
Mat 24:11 Kuyovela aba**p.**, badukise abaningi
Mar 13:22 naba**p.** benze izimangaliso
**PROFETHO,** 2Pe 1:19 sinezwi lesi**p.** eliqinisekiswe
2Pe 1:20 asikho isi**p.** semiBhalo esivela
2Pe 1:21 isi**p.** asikaze silethwe ngentando yomuntu

## Q

**QABULA,** Luk 22:48 unikela ngeNdodana ngokuyi**q.**
**QABULEKA,** IzE 3:19 ukuze izinkathi zoku**q.** zifike
**QABUNGA,** Hez 47:12 nama**q.** abe umuthi wokwelapha
Mat 24:32 Lapho igatsha liveza ama**q.**, niyazi
**QAGELA,** 1Ti 1:4 zibangela uku**q.**
**QALA,** Mat 19:30 abangaboku**q.** bayoba ngabokugcina
Mat 24:8 ziwuku**q.** kwemihelo yokucindezeleka
Mar 9:35 ofuna ukuba owoku**q.** abe owokugcina
**QALAZA,** 2Kr 16:9 AkaJehova a**q.** wonke umhlaba
**QALEKISA,** Num 23:8 Ngingaba**q.** kanjani labo?
**QALEKISI,** Rom 12:14 busisani ninga**q.**
**QALEKISIWE,** Joh 7:49 isixuku si**q.**
**QALENI,** Isay 46:10 Ngibikezela isiphetho eku**q.**
**QALO,** Zak 4:10 odelele usuku lwesi**q.** esincane
**QAMBA AMANGA,** Tit 1:2 uNkulunkulu ongenaku**q.**
**QAMBI AMANGA,** Kol 3:9 Ninga**q.** omunye komunye
**QAMBIMANGA,** IzA 19:22 Kungcono kunokuba um**q.**
Joh 8:44 uDeveli, ungum**q.** noyise wamanga
**QAPHA,** IzA 4:23 **q.** inhliziyo yakho
Joh 17:12 ngangiba**q.** ngenxa yegama lakho
**QAPHE,** 1Pe 5:2 lusani umhlambi, niwu**q.**
**QAPHELENI,** IzE 20:28 Zi**q.** nina nawo
**QAPHELISISANI,** Efe 5:15 **q.** indlela enihamba ngayo
**QAPHILE,** Mat 10:16 yibani aba**q.** njengezinyoka
**QAPHUQAPHU,** Eks 4:10 angikaze ngibe i**q.**
**QEDA,** IzE 20:24 nginga**q.** inkambo nenkonzo yami
2Ti 4:7 ngiwugijimile ngaze ngayo**q.**
**QELI,** 1Ko 4:6 Unge**q.** ngale kwezinto ezilotshiwe
**QEMBU LENKOLO,** IzE 28:22 **q.** kukhulunywa kabi ngalo
**QEQESHA,** IzA 22:6 **Q.** ingane; ngisho nalapho ikhula
**QEQESHWA,** Efe 4:12 enombono woku**q.** kwabangcwele
1Pe 5:10 uNkulunkulu uyoqedela uku**q.** kwenu
**QHAKAZA,** Isay 35:1 Ithafa eliwugwadule liyo**q.**
**QHATHANISA,** Gal 6:4 hhayi ngokuzi**q.** nomunye
**QHAWE,** Jer 20:11 uJehova wayenami njenge**q.**
**QHAYISE,** 1Ko 1:31 Oziqhayisayo makazi**q.** ngoJehova
**QHELE,** IzA 12:4 Umfazi onekhono ungum**q.** kumyeni
Mat 27:29 um**q.** ngameva awubeka ekhanda lakhe
1Ko 9:25 bathole um**q.** owonakalayo
**QHENYA,** IzA 8:13 Ngiyakuzonda ukuzi**q.**
2Th 1:4 siyazi**q.** ngani phakathi
**QHENYAYO,** IzA 16:5 ozi**q.** uyanengeka kuJehova
**QHUBEKA EKHULUMA,** IzA 17:9 o**q.** ngendaba
**QHUDE,** Mat 26:34 ngaphambi kokuba i**q.** likhale
**QHWA,** Isay 1:18 izono zenziwa zibe mhlophe njenge**q.**
**QILI,** IzA 15:27 Owenza inzuzo ngobu**q.** uletha izinkinga
**QINANI,** Isay 35:4 **Q.** Ningesabi
**QINE,** Jos 1:7 yiba nesibindi u**q.**
**QINILE,** Rom 15:1 sithwale ubuthakathaka babanga**q.**
Heb 5:14 ukudla oku**q.** kungokwabavuthiwe
**QINISA,** 1Sa 30:6 wazi**q.** ngoJehova
Isay 41:10 Ngizoku**q.**, impela ngizokusiza
IzE 14:22 ba**q.** abafundi, babakhuthaza
1Ko 1:8 Izoni**q.**
**QINISANI,** Isay 35:3 **Q.** izandla ezibuthakathaka
**QINISE,** Luk 22:32 lapho usubuyile, u**q.** abafowenu
**QINISEKA,** Rom 4:21 e**q.** ukuthi uyakwazi ukukwenza
Rom 8:38 ngiya**q.** ukuthi nakufa nakuphila
Rom 15:14 ngiya**q.** ngani, bazalwane
Kol 4:12 ni**q.** ngentando kaNkulunkulu
1Th 1:5 indlela esasi**q.** ngayo
2Th 3:4 njengabalandeli beNkosi siya**q.**
**QINISEKANI,** 1Th 5:21 **Q.** ngazo zonke izinto
**QINISEKE,** Flp 1:10 ni**q.** ngezinto ezibalulekile
**QINISEKI,** Shu 7:14 banga**q.** ngokuzokwenzeka
**QINISEKISA,** IzE 17:31 wamvusa kwabafile, e**q.**
**QINISEKISO,** Efe 1:14 oluyisi**q.** kusengaphambili
**QINISO,** Hu 15:2 Nokhuluma i**q.** enhliziyweni yakhe
Hu 119:160 Izwi lakho lilonke liyi**q.**
IzA 23:23 Thenga i**q.** ungalokothi ulithengise
Joh 4:24 kumele bamkhulekele ngomoya nange**q.**
Joh 8:32 niyolazi i**q.** futhi i**q.** liyonikhulula
Joh 14:6 Mina ngiyindlela ne**q.** nokuphila
Joh 16:13 umoya we**q.** uyonihola kulo lonke i**q.**
Joh 17:3 bakwazi, wena owuNkulunkulu we**q.**
Joh 17:17 Bangcwelise nge**q.**; izwi lakho liyi**q.**
Joh 18:38 UPilatu wathi kuye: "Liyini i**q.**?
2Ko 13:8 asinakwenza lutho olumelene ne**q.**
Efe 4:25 yilowo nalowo kini makakhulume i**q.**
Flp 4:8 noma yiziphi izinto eziyi**q.**
**QINISWENI,** 2Pe 1:12 nimi niqinile e**q.**
3Jo 4 abantwana bami bahamba e**q.**
**QOBO,** Joh 7:28 Lowo ongithumile ungoko**q.**
**QONDA,** 1Kh 3:11 ucele uku**q.**
Hu 119:99 Nginoku**q.** kunabangifundisayo
IzA 3:5 Ungathembeli kokwakho uku**q.**
IzA 4:7 Kanye nakho konke okuzuzayo, zuza uku**q.**
IzA 12:23 Umuntu onoku**q.** uyakufihla akwaziyo
IzA 22:3 Onoku**q.** uyayibona ingozi acashe
Dan 11:33 bayodlulisela uku**q.** kwabaningi
Mat 24:15 ofundayo makasebenzise uku**q.**
1Ko 14:20 abakhulile endleleni eni**q.** ngayo
**QONDAKALI,** 1Ko 14:8 likhipha umsindo onga**q.**
**QONDAYO,** Mat 24:45 inceku ethembekile ne**q.**
**QONDE,** Neh 8:8 babasiza baku**q.** lokho okwakufundwa
Job 6:24 Ngisize ngi**q.** iphutha lami
Hu 119:27 Ngenze ngiku**q.** okushiwo yimiyalo yakho
**QONDISA,** Dut 8:5 uNkulunkulu wakho wayeku**q.**
Jer 10:23 umuntu akanalo igunya loku**q.** isinyathelo
**QONDISAYO,** Hu 94:12 iyajabula indoda oyi**q.**
**QONDISISA,** IzA 19:11 Uku**q.** kuyaludambisa ulaka
**QONDISO,** 1Kr 15:13 asizange sisilandele isi**q.** sakhe
IzA 11:14 Lapho singekho isi**q.** abantu bayawa
**QONDISWA UMOYA KANKULUNKULU,** 1Ko 2:15 o**q.**

**QONDO,** 1Ko 2:16 sinawo um**q.** kaKristu
IsA 17:17 ukufake ezinhliziyweni ukuba afeze um**q.**
**QOQI WENTELA,** Mat 18:17 makabe kuwe njengom**q.**
Luk 18:11 ngiyakubonga ngokuthi angifani nom**q.**
**QOTHO,** 1Sa 2:9 Uqapha izinyathelo zaba**q.** bakhe
2Sa 22:26 Ko**q.** wena wenza ngobuqotho
1Kr 29:17 ujatshuliswa ubu**q.**
Job 1:8 uJobe u**q.**
Job 27:5 ngingazange ngibulahle ubu**q.** bami
Hu 16:10 Ngeke umvumele o**q.** abone igodi
Hu 25:21 Kwangathi ubu**q.** bungangilonda
Hu 26:11 ngizohamba ngobu**q.** bami
Hu 37:28 uJehova ngeke abashiye abakhe aba**q.**
Hu 101:2 ngobu**q.** benhliziyo endlini yami
Mik 6:8 ubonise ubulungisa, uthande ubu**q.**
**QOTHULAYO,** Jow 1:4 Okushiywe intethe e**q.**
**QU,** Dan 4:15 shiyani isi**q.** saso nezimpande
**QULU,** IsA 20:12 kwesihlalo sobukhosi, imi**q.** yavulwa
**QUMAYO,** Hez 9:4 abantu ababubulayo naba**q.**
**QWASHA,** 2Ko 6:5 ngoku**q.** ebusuku
**QWASHENI,** 2Ko 11:27 eku**q.** kaningi ebusuku
**QWINI,** Isay 11:1 ihlumela esi**q.** sikaJese

## R

**RAHELI,** Gen 29:18 ngenxa ka**R.**
Jer 31:15 U**R.** ukhalela amadodana akhe
**REBHEKA,** Gen 26:7 u**R.** wayemuhle
**REKABI,** Jer 35:5 iwayini phambi kwama**R.**

## S

**SABA,** Gen 9:2 Zonke izilwane zine**s.** kakhulu
Job 31:34 Ngake nge**s.** yini ukuthi iningi lizothini?
IzA 29:25 Ukwe**s.** abantu kuwugibe
Luk 21:26 Abantu bayoquleka ngenxa yokwe**s.**
1Jo 4:18 Akukho ukwe**s.** othandweni
**SABATHA,** Eks 20:8 Khumbula usuku lwe**S.**
Mat 12:8 iNdodana yomuntu iyiNkosi ye**S.**
Mar 2:27 I**S.** laba khona ngenxa yomuntu
Luk 14:5 indodana noma inkomo emgodini nge**S.**?
Kol 2:16 anahlulele ngokugujwa kwe**s.**
**SABA UJEHOVA,** Hu 19:9 Ukwe**s.** kuhle
Hu 111:10 Ukwe**s.** kuwukuqala kokuhlakanipha
IzA 8:13 Ukwe**s.** kusho ukuzonda okubi
**SABE,** Hu 118:6 UJehova ungakimi; ngeke nge**s.**
Mik 4:4 Akekho oyobenza be**s.**
**SABEKAYO,** Heb 10:31 Kuyinto e**s.** ukuwela ezandleni
**SABI,** 2Kr 20:15 Ninge**s.** ngenxa yesixuku esikhulu
Hu 56:4 Ngithembele kuNkulunkulu, ange**s.**
Isay 41:10 Unge**s.** ngoba nginawe
Luk 12:4 ningabe**s.** labo ababulala umzimba
IsA 2:10 Ungaze**s.** izinto osazohlupheka ngazo
**SABISE,** IzE 4:17 masiba**s.** sibatshele
**SAMARIYA,** 2Kh 17:6 inkosi yase-Asiriya yalinqoba i**S.**
Luk 10:33 um**S.** waba nesihawu
Joh 4:7 owesifazane wase**S.** ezokha amanzi
**SAMSONI,** Hlu 13:24 wayiqamba ngokuthi u**S.**
**SAMUWELI,** 1Sa 1:20 uHana wayiqamba ngokuthi u**S.**
1Sa 2:18 u**S.** wayekhonza esengumfanyana
**SANA,** 2Ti 3:15 kusukela usewu**s.** uye wazi
**SANEHERIBI,** 2Kh 19:16 amazwi u**S.** awathumele
**SANGO,** Mat 7:13 Ngenani nge**s.** elincane
**SANGULUKA,** 1Kh 8:47 be**s.** babuyele kuwe
Luk 15:17 Lapho i**s.**, yathi
**SANHEDRINI,** IzE 5:41 baphuma phambi kwe**S.**
**SAPHAZA,** Luk 15:13 ya**s.** lapho impahla yayo
**SARA,** Gen 17:19 u**S.** uzokuzalela indodana
1Pe 3:6 u**S.** wayehlonipha u-Abrahama
**SATHANE,** Job 1:6 no**S.** wangena kanye nawo
Zak 3:2 Kwangathi uJehova angakukhuza, **S.**
Mat 4:10 Hamba, **S.**! Ngoba kulotshiwe
Mat 16:23 wathi kuPetru: Yana emva kwami, **S.**
Mar 4:15 u**S.** uyafika athathe izwi elihlwanyelwe
Rom 16:20 UNkulunkulu uzomchoboza u**S.**
1Ko 5:5 umuntu onjalo mnikeleni ku**S.**
2Ko 2:11 ukuze singaphanjwa u**S.**
2Ko 11:14 u**S.** uzenza ingelosi yokukhanya
2Th 2:9 kungenxa yokusebenza kuka**S.**
IsA 12:9 inyoka, lowo obizwa ngokuthi uDeveli no**S.**
IsA 20:2 no**S.**, yambopha iminyaka engu-1 000
**SAWOTI,** Gen 19:26 waba insika ka**s.**
Mat 5:13 Nina ningu**s.** womhlaba
Kol 4:6 Amazwi anomusa, anongwe ngo**s.**
**SAWULE,** 1Sa 15:11 Ngiyazisola ngokwenza u**S.** inkosi
**SAWULU,** IzE 7:58 ezinyaweni zensizwa okuthiwa u**S.**
IzE 8:3 u**S.** waphatha ibandla ngesihluku
IzE 9:1 u**S.**, esaqhubeka nokubasongela
IzE 9:4 **S.**, **S.**, ungishushiselani?
**SEBENZA,** Neh 4:6 abantu ba**s.** ngokuzimisela
Joh 5:17 UBaba ulokhu e**s.** kuze kube manje
Efe 4:16 Lapho ilunga ngalinye li**s.** kahle
1Th 2:9 Sasi**s.** ubusuku nemini
2Th 3:10 engafuni uku**s.**, makangadli
1Pe 1:13 izingqondo zenu ngenjongo yoku**s.**
**SEBENZANI,** Luk 13:24 **S.** ngokuzikhandla
**SEBENZE,** Efe 4:28 makangabe eseba; maka**s.**
**SEBENZELANA NEMIMOYA,** Dut 18:11 obuza ko**s.**
**SEBENZELI,** Joh 6:27 Ninga**s.** ukudla okonakalayo
**SEBENZI,** Hu 104:24 miningi kangakanani imi**s.** yakho
IzA 8:30 Ngangiseceleni ngiyisi**s.** esiyingcweti
Luk 10:7 isi**s.** sifanelwe umholo waso
Joh 14:12 uyokwenza imi**s.** emikhulu kunale
Rom 12:4 sinamalunga angenawo um**s.** ofanayo
2Pe 1:8 ziyonivimbela ukuba ningabi abanga**s.**
**SEBENZI EZIKANYE,** 1Ko 3:9 siyizi**s.** noNkulunkulu
**SEBENZINI,** Shu 2:24 athole nenjabulo em**s.** wakhe
Heb 9:14 liyobahlanza onembeza emi**s.** efile
**SEBENZISA,** 1Ko 7:31 nalabo aba**s.** izwe
**SEBENZISA IMIMOYA,** Gal 5:20 uku**s.**
**SEBENZISI KABI,** 1Ko 9:18 ukuze ngingali**s.** igunya lami
**SEKELA,** 1Ti 3:15 eli**s.** nelivikela iqiniso
1Pe 5:10 uNkulunkulu uyoni**s.**
**SEKELO,** Luk 6:48 wabeka isi**s.** edwaleni
Rom 2:20 izinto eziyisi**s.** namaqiniso
Rom 15:20 ngingakheli phezu kwesi**s.** somunye
1Ko 3:11 asikho esinye isi**s.**
**SELA,** IzA 6:30 Uma i**s.** leba lapho lilambile
IzA 29:24 Umngani we**s.** uzizonda yena
Mat 6:20 ezulwini lapho ama**s.** engagqekezi khona
Mat 24:43 Ukube ubazi ukuthi i**s.** lizokuza nini
1Ko 6:10 ama**s.** ngeke alizuze ifa loMbuso
1Th 5:2 usuku luza njenge**s.** ebusuku

**SELE,** IsA 12:17 wahamba wayolwa naba**s.** benzalo
**SELWA,** Jon 4:10 Wena uzwele u**s.**
**SESE,** IzA 25:9 ungakwembuli okutshelwe nga**s.**
**SETSHENZISWE,** 2Ko 12:15 ngi**s.** ngokugcwele
**SHA,** Joh 13:34 Ngininika umyalo omu**s.**
IzE 17:21 kokuxoxa noma ukulalela okuthile oku**s.**
1Ko 7:36 sekudlule ukuqhuma kobu**s.**
1Ti 4:12 Ungavumi abukele phansi ubu**s.** bakho
IsA 21:1 izulu eli**s.** nomhlaba omu**s.**
IsA 21:5 Bheka! Ngenza konke kube ku**s.**
**SHADA,** Mat 24:38 zangaphambi kukaZamcolo, e**s.**
1Ko 7:9 kungcono uku**s.** kunokushiswa inkanuko
**SHADE,** 1Ko 7:36 akoni. Maba**s.**
1Ko 7:39 ukhululekile ukuba a**s.**, kuphela eNkosini
**SHADI,** Mat 22:30 ovukweni awa**s.**
1Ko 7:38 onga**s.** uyokwenza kangcono
**SHADILE,** 1Ko 7:8 Kulabo abanga**s.** nabafelokazi ngithi
1Ko 7:32 enga**s.** ikhathazeka ngezinto zeNkosi
**SHADO,** Mat 22:2 unjengenkosi eyenza idili lom**s.**
Joh 2:1 kwaba khona idili lom**s.** eKhana
Heb 13:4 Um**s.** mawuhlonishwe yibo bonke
IsA 19:7 um**s.** weWundlu ufikile
**SHAQISA,** Joh 6:60 Le nkulumo iya**s.**; ubani
**SHAYA,** Joh 19:3 Ayelokhu em**s.** nangezimpama
**SHAYWA,** 2Ko 6:5 ngoku**s.**, ngokuboshwa
**SHELELAYO,** Hu 73:18 ubabeka endaweni e**s.**
**SHELELEZI,** Rom 16:18 ngenkulumo ebu**s.** athopha
**SHENI,** Job 33:25 Inyama mayibe ntsha kunasebu**s.**
Hu 71:17 ungifundisile kusukela ebu**s.** bami
Mar 10:20 lezi zinto ngizigcinile kusukela ebu**s.** bami
**SHESHE ACASUKE,** IzA 19:19 O**s.** uyohlawula
**SHESHISA,** Isay 60:22 Mina Jehova, ngiyoku**s.**
**SHILO,** Gen 49:10 kuze kufike u**S.**
**SHINTSHI,** Mal 3:6 nginguJehova; angi**s.**
**SHISEKELA,** Tit 2:14 isizwe esi**s.** imisebenzi emihle
**SHIYA,** Hu 27:10 noma ubaba nomama bengangi**s.**
Isay 1:28 aba**s.** uJehova bayophela
Heb 13:5 Angisoze ngaku**s.** angisoze ngakulahla
**SHIYANGA,** Luk 22:28 aningi**s.** ekulingweni kwami
Joh 8:29 akangi**s.** ngoba ngaso sonke isikhathi
**SHIYE,** Dut 31:8 Ngeke akulahle noma aku**s.**
1Sa 12:22 uJehova ngeke aba**s.** abantu bakhe
Hu 37:28 uJehova ngeke aba**s.** abaqotho bakhe
Mat 19:29 wonke umuntu o**s.** izindlu noma amasimu
**SHIYOLI. Bheka elithi THUNA.**
**SHUKUNYISWA,** Eks 35:21 owaye**s.** inhliziyo waletha
**SHUMAYELA,** Mat 9:35 UJesu e**s.** izindaba ezinhle
Luk 8:1 wahamba, e**s.** futhi ememezela
2Ti 4:2 **S.** izwi; ukwenze unomuzwa wokuphuthuma
**SHUMAYELAYO,** Rom 10:14 kanjani kungekho o**s.**?
**SHUMAYELI,** 2Pe 2:5 uNowa, um**s.** wokulunga
**SHUMI,** Gen 18:32 Ngeke ngilibhubhise ngenxa yabayi**s.**
Neh 10:38 amaLevi anikele okwe**s.** kokwe**s.**
Mal 3:10 Kuletheni konke okwe**s.** enqolobaneni
**SHUMI EZINKULUNGWANE,** IsA 5:11 isibalo sasingama**s.**
**SHUNYAYELWA,** Mat 24:14 izindaba ezinhle ziyo**s.**
**SHUQULO,** Hez 21:26 Susa um**s.**, ususe umqhele
**SHUSHISA,** Hu 119:86 bangi**s.** ngaphandle kwesizathu
Joh 15:20 bengishushisile, bayoni**s.** nani
IzE 22:4 Ngaba**s.** kwaze kwaba sekufeni
**SHUSHISAYO,** Rom 12:14 Qhubekani nibusisa aba**s.**
**SHUSHISWA,** Mat 5:10 Bayajabula abaye ba**s.**
Mat 13:21 uku**s.** akhubeke ngaso leso sikhathi
Mar 4:17 lapho uku**s.** kuvela, bayakhubeka
Mar 10:30 abantwana namasimu, kanye noku**s.**
1Ko 4:12 lapho si**s.**, sikhuthazela ngesineke
2Ko 4:9 siya**s.**, kodwa asilahliwe
**SIFAZANE,** Gen 3:15 ubutha phakathi kwakho nowe**s.**
Dut 31:12 Qoqela abantu ndawonye, abe**s.**
IzA 31:3 Unganiki abe**s.** amandla akho
Shu 7:26 Into embi kunokufa ngowe**s.**
IsA 12:1 Owe**s.** evunule ngelanga
**SIHE,** Dut 4:31 uJehova uNkulunkulu one**s.**
1Kr 21:13 ngoba i**s.** sakhe sikhulu kakhulu
Neh 9:19 nge**s.** sakho esikhulu awubashiyanga
Hu 78:38 Kodwa wayene**s.**; wayebathethelela
IzA 28:13 ozivumayo azishiye uyoboniswa i**s.**
Isay 55:7 Makabuyele kuJehova, oyoba ne**s.**
Mat 5:7 Bayajabula abane**s.**
Mat 9:13 Ngifuna i**s.**, hhayi umhlatshelo
Luk 6:36 nibe ne**s.**, njengoba nje noYihlo
2Ko 1:3 uYise we**s.**
Jak 2:13 I**s.** siyanqoba phezu kwesahlulelo
Jak 5:11 uJehova unothando olukhulu ne**s.**
**SIHLE,** Mat 10:8 Namukele nge**s.**, yiphani nge**s.**
**SIKE,** Lev 21:5 Akufanele bazi**s.** imizimba
**SIKO,** Mat 15:3 neqa umyalo ngenxa yama**s.** enu?
Mar 7:13 nilishaya indiva izwi ngama**s.** enu
Gal 1:14 ngangiwashisekela kakhulu ama**s.** obaba
**SILISA,** Lev 20:13 indoda ilala nowe**s.**
**SILIVA,** IzA 2:4 ukufuna njengokungathi ufuna i**s.**
Hez 7:19 Bayophonsa i**s.** labo emigwaqweni
Zef 1:18 I**s.** negolide ngeke libasindise
**SIMAMISWA,** Kol 2:7 ni**s.** okholweni
**SIMISO SOKUQONDISA IZINTO,** Efe 1:10 kube ne**s.**
**SIMONI,** IzE 8:18 u**S.** wabathembisa imali
**SIMO SENGQONDO,** Efe 6:7 Yibani ne**s.** esihle
Flp 2:5 i**s.** esasikhona nakuKristu
**SIMU,** Joh 4:35 nibuke ama**s.**
**SIMU AMAGILEBHISI,** Isay 65:21 Bayotshala ama**s.**
**SINAPHI,** Luk 13:19 Unjengohlamvu lwe**s.** umuntu
**SINAYI,** Eks 19:20 UJehova wehlela phezu kweNtaba i**S.**
**SINDA,** Mat 24:22 akukho muntu obeyo**s.**
**SINDAYO,** Heb 12:1 masilahle konke oku**s.**
**SINDISA,** Isay 59:1 ukuba singehluleka uku**s.**
Jer 39:18 Uyo**s.** ukuphila kwakho
Mat 16:25 noma ubani ofuna uku**s.** ukuphila kwakhe
Luk 19:10 iNdodana yomuntu izele ukufuna noku**s.**
1Ti 4:16 uyozi**s.** wena nabakulalelayo
**SINDISI,** 2Sa 22:3 indawo yami elondekile, um**s.** wami
IzE 5:31 njengoMmeli Oyinhloko noM**s.**
**SINDISWA,** Flp 2:12 nisebenzela uku**s.** kwenu
**SINDO,** Hu 19:4 um**s.** uphumele kuwo wonke umhlaba
**SINDWE,** Luk 21:34 izinhliziyo zenu zingalokothi zi**s.**
**SINEKE,** IzA 14:29 ongenaso i**s.** uveza ubuwula bakhe
Rom 9:22 wazibekezelela nge**s.** esikhulu izitsha
**SITHEKILE,** Hu 91:1 endaweni e**s.** yoPhezukonke
**SITHUTHWANE,** Mat 4:24 ababene**s.**, wabelapha
**SIZA,** 2Ti 3:16 iphefumulelwe uNkulunkulu futhi iya**s.**

**SIZAKALANGA,** 2Ko 7:2 asi**s.** ngamuntu
**SIZAYO,** 1Ko 6:12 kodwa akuzona zonke ezi**s.**
**SIZI,** Hu 31:10 Ukuphila kwami kugcwele u**s.**
Hu 90:10 Ukuphila kugcwele u**s.**
Isay 51:11 U**s.** nokububula kubaleke
Mat 24:21 u**s.** olukhulu olungakaze
Mat 26:75 Waphumela ngaphandle wakhala kalu**s.**
Luk 21:25 u**s.** lwezizwe, zingayazi indlela yokuphuma
Joh 14:16 uzoninika omunye um**s.**
Joh 14:26 um**s.**, umoya ongcwele, uyonifundisa
IzE 14:22 singene eMbusweni ngezin**s.**
Rom 5:3 u**s.** luveza ukukhuthazela
Rom 7:24 Yeka mina muntu wo**s.**!
1Ko 7:28 abashadayo bayoba no**s.** enyameni yabo
2Ko 4:17 nakuba u**s.** lungolomzuzwana
**SIZINI,** Rom 12:12 Jabulani ethembeni. Khuthazelani o**s.**
IsA 7:14 yilabo abaphuma o**s.** olukhulu
**SIZO,** Hu 46:1 U**s.** olutholakala ngokushesha
**SIZO LWALUTHO,** Hu 101:3 engelu**s.** phambi kwamehlo
Luk 17:10 Siyizinceku ezingelu**s.**
**SO,** Mat 5:38 I**s.** nge**s.** nezinyo ngezinyo
Mat 6:22 uma i**s.** lakho ligxile entweni eyodwa
1Ko 2:9 I**s.** alizibonanga nendlebe ayizizwanga
1Ko 12:21 I**s.** alinakusho esandleni ukuthi, Angikudingi
1Ko 15:52 ngokuphazima kwe**s.**
**SODOMA,** Gen 19:24 isibabule nomlilo e**S.**
2Pe 2:6 i**S.** walilahla, ebeka isibonelo
Jud 7 i**S.** neGomora yizibonelo eziyisixwayiso
**SOKA,** Rom 2:29 uku**s.** kwenhliziyo ngomoya
1Ko 7:19 Uku**s.** akusho lutho
**SOLA,** Hu 141:5 Ukungi**s.**, kuyoba njengamafutha
IzA 3:11 Ungakwenyanyi uku**s.** kwakhe
IzA 27:5 Uku**s.** okwambuliwe kungcono
**SOLOMONI,** 1Kh 4:29 wanika u**S.** ukuhlakanipha
Mat 6:29 no**S.** enkazimulweni yakhe wayengahlobile
**SOLWA,** IzA 29:1 oqinisa ikhanda ngemva koku**s.**
**SOMISO,** Jer 17:8 Ngesikhathi se**s.** ngeke ikhathazeke
**SONDELA,** Hu 73:28 uku**s.** kuNkulunkulu kuhle kimi
**SONDELANI,** Jak 4:8 **S.** kuNkulunkulu, naye
**SONDO,** Hez 1:16 sengathi i**s.** liphakathi kwelinye i**s.**
**SONGELANGA,** 1Pe 2:23 Lapho ehlupheka, aka**s.**
**SONGELI,** Efe 6:9 ngendlela efanayo, ningazi**s.**
**SONTO,** Dan 9:24 Kunama**s.** angu-70 anqunyelwe
1Ko 16:2 Ngosuku lokuqala lwe**s.** ngalinye
**SOSHA,** 2Ti 2:4 Umuntu oyi**s.** akangeni
**SU,** Flp 3:19 unkulunkulu wabo yisi**s.** sabo
**SUKU,** Hu 84:10 u**s.** emagcekeni akho lungcono
Hez 4:6 U**s.** lumelele unyaka, u**s.** lumelele unyaka
Mat 24:36 lolo **s.** nalelo hora akekho owaziyo
2Pe 3:8 u**s.** lunjengeminyaka eyinkulungwane
**SUKU LOKUZALWA,** Gen 40:20 u**s.** lukaFaro
Mat 14:6 lapho kugujwa **us.** lukaHerode
**SUKU LUKAJEHOVA,** Jow 2:1 u**s.** luyeza! Luseduze!
Amo 5:18 Luyosho ukuthini u**s.** kini?
Zef 1:14 U**s.** luseduze! Luseduze
1Th 5:2 u**s.** luza njengesela
2Th 2:2 u**s.** selufikile
2Pe 3:12 nikukhumbula ukufika ko**s.**
**SUKU OLULANDELAYO,** IzA 27:1 Ungaziqhayisi ngo**s.**
**SUKWINI ZOKUGCINA,** 2Ti 3:1 ezin**s.** kuyofika izikhathi
**SULWE,** IzE 3:19 ukuze ku**s.** izono zenu
**SUNGULWENI,** Mat 25:34 enawulungiselelwa eku**s.**
**SUSA,** IzA 16:2 uJehova uhlola izi**s.**
**SUSANI,** 1Ko 5:13 **S.** omubi phakathi kwenu
**SWELE,** Jak 2:15 abazalwane noma odade aba**s.**
**SWELEKA KOKUDLA,** Mat 24:7 kuyoba khona uku**s.**

**T**

**TABANE,** 1Ko 6:9 abenza izenzo zobu**t.**
**TABERNAKELE,** Hu 78:60 walishiya i**t.** laseShilo
Hu 84:1 lithandeka kanjani i**t.** lakho elikhulu
**TAFULENI,** Dan 11:27 ayokhuluma amanga ehlezi e**t.**
1Ko 10:21 ukudla e**t.** likaJehova nibe
**TAMASA,** IsA 18:7 laphila ngalo ngoku**t.**
**TAYITELA LOKUTHENGA,** Jer 32:12 i**t.** ngalinika
**TEBHISI,** Gen 28:12 isi**t.** sasifinyelela emazulwini
**TENDE,** Jos 18:1 wabeka i**t.** lokuhlangana eShilo
Isay 54:2 yelula izintambo ze**t.** lakho
IzE 18:3 umsebenzi wabo kwakuwukwenza ama**t.**
2Ko 12:9 amandla kaKristu ahlale kimi njenge**t.**
IsA 21:3 I**t.** likaNkulunkulu limi phakathi kwabantu
**TENDENI,** Hu 15:1 ngubani ongaba yisimenywa e**t.**?
**THA,** Hu 110:2 Nqoba phakathi kwezi**t.** zakho
Mat 5:44 Qhubekani nithanda izi**t.** zenu
Mat 10:36 izi**t.** zomuntu kuyoba
Rom 12:20 uma isi**t.** sakho silambile, siphe ukudla
**THAKATHAKA,** Rom 14:1 Mamukeleni umuntu onobu**t.**
Rom 15:1 sithwale ubu**t.** balabo abangaqinile
1Ko 1:27 uNkulunkulu wakhetha izinto ezibu**t.**
2Ko 12:10 lapho ngibu**t.**, kulapho-ke nginamandla
1Th 5:14 nisekele ababu**t.**, nibabekezelele bonke
1Pe 3:7 njengezitsha ezibu**t.**, abesifazane
**THAKATHI,** IzE 13:6 uBarjesu, owayengum**t.**
**THALENTA,** Mat 25:15 ama**t.** amahlanu, enye amabili
**THAMBO,** Gen 2:23 usekhona oyi**t.** lamathambo ami
2Kh 13:21 lo muntu ethintana nama**t.** ka-Elisha
Hu 34:20 Uqapha ama**t.** akhe; alikho eliphuliwe
IzA 25:15 Nolimi olumnene lungaphula i**t.**
Joh 19:36 Akukho **t.** lakhe eliyophulwa
**THANDA,** IzA 8:30 Yimi ayengi**t.** ngokukhethekile
Mat 10:37 Noma ubani o**t.** kakhulu
Mar 10:21 UJesu wezwa em**t.**, wathi kuye
Joh 3:16 uNkulunkulu wali**t.** izwe kangangokuba
Joh 12:25 o**t.** ukuphila kwakhe uyakubhubhisa
Joh 14:15 Uma ningi**t.**, niyogcina imiyalo yami
Joh 21:17 Simoni, uyangi**t.** yini?
2Ko 2:8 nimqinisekise ukuthi niyam**t.**
Gal 2:20 eNdodaneni kaNkulunkulu, eyangi**t.**
Kol 3:19 madoda, qhubekani ni**t.** omkenu
1Jo 4:10 siye sam**t.** uNkulunkulu, uyena owasi**t.**
**THANDA KAKHULU,** 1Ti 6:4 U**t.** izimpikiswano
**THANDANA,** Rom 13:8 ngaphandle koku**t.**
**THANDANANI,** 1Pe 4:8 **t.** kakhulu, uthando lumboza
**THANDANE,** Joh 13:34 wokuba ni**t.**
**THANDA NGAYO,** 1Ko 12:18 ngalinye ngendlela a**t.**
**THANDAYO,** 1Th 4:3 yilokhu uNkulunkulu aku**t.**, nidede
IsA 3:19 engiba**t.** ngiyabasola
**THANDAZA,** 2Kh 19:15 UHezekiya wabe ese**t.**
Dan 6:13 kathathu ngosuku uya**t.**

Mar 1:35 kusemnyama, wahamba, wafike wa**t.**
Luk 5:16 wayeya ezindaweni ezingenabantu eyo**t.**
**THANDAZANI,** 1Th 5:17 **T.** njalo
**THANDAZE,** Mat 6:9 kumele ni**t.** ngale ndlela:
**THANDAZELA,** Mat 5:44 ni**t.** nalabo abanishushisayo
IzE 12:5 uPetru esejele, ibandla lalim**t.**
2Th 3:1 qhubekani nisi**t.**, ukuba izwi
**THANDAZELAYO,** Mar 11:24 enizi**t.**, yibani nokholo
**THANDAZELE,** Rom 8:26 asazi yini okufanele siyi**t.**
**THANDAZO,** Hu 65:2 Wena olalela imi**t.**
Hu 141:2 um**t.** ungaba njengempepho elungisiwe
IzA 15:8 um**t.** wabaqotho uyamjabulisa
IzA 28:9 nom**t.** wakhe uyinto enengekayo
Jak 5:15 Um**t.** wokholo uyokwenza ogulayo alulame
1Pe 3:7 ukuze imi**t.** yenu ingathiyeki
IsA 8:4 impepho kanye nemi**t.** yabangcwele
**THANDAZWENI,** Rom 12:12 Phikelelani em**t.**
**THANDE,** Lev 19:18 u**t.** omunye njengoba uzithanda
Dut 6:5 u**t.** uJehova ngayo yonke inhliziyo yakho
Mat 22:37 Kumele u**t.** uJehova
1Jo 3:18 si**t.**, hhayi ngomlomo, kodwa ngesenzo
**THANDEKAYO,** Mat 3:17 yiNdodana yami e**t.**
Flp 2:29 nibheka amadoda alolu hlobo njenga**t.**
**THANDELA,** 1Kr 29:17 Zonke izinto bazinikele ngokuzi**t.**
Hu 110:3 Abantu bakho bayozinikela ngokuzi**t.**
1Pe 5:2 Yalusani umhlambi kaNkulunkulu ngokuzi**t.**
**THANDI,** 1Jo 2:15 Ningali**t.** izwe noma
1Jo 4:20 ongam**t.** umfowabo akakwazi ukuthanda
**THANDILE,** Joh 13:1 eba**t.** kwaze kwaba sekupheleni
**THANDO,** Hu 69:9 U**t.** ngendlu yakho lunjengomlilo kimi
Hla 8:6 Ngoba u**t.** lunamandla njengokufa
Mat 24:12 u**t.** lwabaningi luyophola
Joh 15:13 Akekho ono**t.** olukhulu kunalolu
Rom 8:39 ukusihlukanisa no**t.** lukaNkulunkulu
Rom 13:10 u**t.** luwukugcwaliswa komthetho
1Ko 8:1 Ulwazi luyakhukhumeza, u**t.** luyakha
1Ko 13:2 kodwa ngingenalo u**t.**, angilutho
1Ko 13:8 U**t.** alusoze lwaphela
1Ko 13:13 kodwa okukhulu kulezi zinto u**t.**
1Ko 16:14 Konke enikwenzayo, kwenzeni ngo**t.**
Kol 3:12 gqokani uzwela no**t.**
Kol 3:14 u**t.** lwenza abantu babe nobunye
Jak 5:11 uJehova uno**t.** olukhulu nesihe
1Jo 4:8 uNkulunkulu ulu**t.**
1Jo 5:3 u**t.** ngoNkulunkulu, ukuba sigcine
IsA 2:4 awusenalo u**t.** owawunalo ekuqaleni
**THANDO OLUQOTHO,** Eks 34:6 UJehova ochichima u**t.**
Hu 136:1-26 u**t.** luhlala phakade
Hos 6:6 ngijabula ngo**t.**, hhayi ngomhlatshelo
**THANDWAYO,** Jer 8:6 ebuyela endleleni e**t.**
**THANDWENI,** Jud 21 nizigcine niso**t.** lukaNkulunkulu
**THANDWENI LOBUZALWANE,** Rom 12:10 O**t.**
**THANDWENI OLUQOTHO,** Hu 13:5 ngithembele o**t.**
**THANDWENI SOMLILO,** Dan 3:17 ukusikhulula esi**t.**
**THANGO,** Luk 19:43 u**t.** ngezigxobo ezicijile
**THANJENI,** Jer 20:9 ovuthayo ovalelwe ema**t.** ami
**THARISHISHI,** Jon 1:3 uJona wabaleka waya e**T.**
**THARTHARUSI,** 2Pe 2:4 waziphonsa izingelosi e**T.**
**THATHU,** Dut 16:16 Ka**t.** ngonyaka, bonke abesilisa
**THELO,** Gen 3:3 mayelana nesi**t.**, ningasithinti
Mat 7:20 niyobabona ngezi**t.** zabo
Mat 21:43 unikwe isizwe esithela izi**t.**
Luk 8:15 bathele izi**t.** ngokukhuthazela
Joh 15:2 uyawathena, ukuze athele izi**t.** eziningi
Joh 15:8 ukuba nithele izi**t.** eziningi
Gal 5:22 izi**t.** zomoya ziluthando, injabulo
**THEMBA,** Hu 33:4 Singakwe**t.** konke uJehova
Hu 146:3 Ningabeki i**t.** lenu ezikhulwini
IzA 3:26 uJehova i**t.** lakho
IzA 28:1 abalungile baze**t.** njengebhubesi
IzA 28:26 Noma ubani o**t.** inhliziyo uyisiphukuphuku
Rom 8:24 sasindiselwa kuleli **t.**; i**t.** elibonwayo
Rom 15:4 ngokukhuthazela sibe ne**t.**
Efe 1:18 nazi ukuthi wanibizela kuliphi i**t.**
Efe 2:12 naningena**t.** ningenaye uNkulunkulu
Heb 6:19 i**t.** linjengehange
**THEMBA NGOKWEQILE,** IzA 14:16 isiphukuphuku size**t.**
**THEMBEKA,** Hab 2:4 uyophila ngenxa yokwe**t.** kwakhe
2Ko 8:21 senza zonke izinto ngokwe**t.**
Tit 2:10 zibonise ukwe**t.** okuphelele
Heb 13:18 ukuziphatha ngokwe**t.** ezintweni zonke
**THEMBEKILE,** Eks 18:21 ukhethe amadoda a**t.** anekhono
Hu 19:7 Isikhumbuzo sikaJehova si**t.**
Luk 16:10 Umuntu o**t.** kokuncane u**t.** nakokukhulu
1Ko 4:2 okulindelekile ukuthi batholakale be**t.**
1Ko 10:13 uNkulunkulu u**t.**, ngeke avumele ukuba
IsA 2:10 Zibonakalise u**t.** kuze kube sekufeni
**THEMBELA,** Hu 9:10 abalaziyo igama lakho bayo**t.** kuwe
Hu 84:12 Uyajabula umuntu o**t.** kuwe
IzA 3:5 **T.** kuJehova ngayo yonke inhliziyo yakho
Jer 17:5 Iqalekisiwe indoda e**t.** kubantu
1Pe 2:23 wa**t.** kuLowo
**THEMBELANI,** Hu 62:8 **t.** kuye ngazo zonke izikhathi
**THEMBELE,** Hu 56:11 Ngi**t.** kuNkulunkulu, angesabi
Hu 146:5 Uyajabula o**t.** kuJehova
**THEMBELI,** IzA 3:5 Unga**t.** kokwakho ukuqonda
2Ko 1:9 singa**t.** kithi, kodwa kuNkulunkulu
**THEMBENI,** Rom 12:12 Jabulani e**t.**
**THEMBISA,** Heb 10:23 uthembekile lowo owa**t.**
**THEMBISO,** 1Kh 8:56 zwi kuso sonke isi**t.** sakhe
Hu 15:4 Akasephuli isi**t.** sakhe, ngisho noma
2Ko 1:20 izi**t.** zikaNkulunkulu, zibe nguyebo ngayo
**THEMPELI. Bheka nelithi INDLU,** Hu 27:4 Ngibuke i**t.**
Jer 7:4 yi**t.** likaJehova, i**t.** likaJehova
Hez 41:13 Yakala i**t.**, laliyizingalo ezingu-100 ubude
Joh 2:19 Dilizani leli **t.**, futhi ngezinsuku ezintathu
1Ko 3:16 nina niyi**t.** likaNkulunkulu
**THEMPELINI,** IzE 17:24 akahlali ema**t.** enziwe ngezandla
**THEMPELINI. Bheka nelithi INDLU,** Hu 11:4 Jehova use**t.**
Mal 3:1 INkosi iyofika kungazelelwe e**t.** layo
Mat 21:12 wangena e**t.** waxosha bonke
**THENGA AMEHLO,** Kol 3:22 kungabi ngoku**t.**
**THENGELA,** IsA 5:9 ngegazi lakho wa**t.** uNkulunkulu
**THENGISI,** Mat 13:45 unjengom**t.** ofuna amapharele
2Ko 2:17 asibona aba**t.** bezwi
**THENGWA,** 1Ko 7:23 Na**t.** ngentengo
**THENWA,** Isay 56:4 kuba**t.** abakhetha okungijabulisayo
Mat 19:12 kukhona aba**t.** abazalwa benjalo
IzE 8:27 bheka! um**t.** ongumTopiya

**THETHELELA,** Neh 9:17 unguNkulunkulu ozimisele uku**t.**
Hu 25:11 **T.** isiphambeko sami nakuba sisikhulu
Hu 103:3 U**t.** zonke iziphambeko zakho
IzA 17:9 o**t.** isiphambeko ufuna uthando
Isay 55:7 uNkulunkulu uyom**t.**
Mat 6:14 uma nithethelela, noYihlo uzoni**t.**
Mat 18:21 kumele angone kangaki ngim**t.**?
Kol 3:13 Njengoba uJehova ani**t.** ngokukhululekile
**THETHELELWA,** Mat 26:28 igazi ngenjongo yoku**t.**
**THETHO,** Hu 19:7 Um**t.** kaJehova uphelele
Hu 40:8 Nom**t.** wakho usenhliziyweni yami
Hu 94:20 sidala izinkinga egameni lo**mt.**?
Hu 119:97 indlela engiwuthanda ngayo um**t.** wakho!
Jer 31:33 Ngiyofaka um**t.** ngaphakathi kubo
Hab 1:4 um**t.** awusasebenzi, nobulungisa
Mat 7:23 Sukani, nina abenza okungem**t.**!
Mat 24:12 ngenxa yokwephulwa kom**t.**
Luk 22:37 Wabalwa kanye nabangenam**t.**
Rom 7:22 ngiyajabula ngom**t.** kaNkulunkulu
Rom 10:4 uKristu uyisiphetho soM**t.**
Rom 13:8 othanda omunye, uwugcwalisile um**t.**
1Ko 6:12 Zonke zingokom**t.**
Gal 3:24 uM**t.** umfundisi oholela kuKristu
Gal 6:2 nigcwalisa um**t.** kaKristu
2Th 2:3 kwambulwe umuntu ongenam**t.**
2Ti 2:5 encintisene ngokuvumelana nemi**t.**
Jak 2:8 nifeza um**t.** wasebukhosini
Jak 4:12 Munye onguMniki-m**t.** noMahluleli
**THI,** Mat 7:3 ubheka u**t.** olusesweni lomfowenu
**THIBA,** 1Ko 7:5 enilinga ngenxa yokuntula ukuzi**t.**
Gal 5:22, 23 izithelo zomoya ukuzi**t.**
**THIMOTHEWU,** IzE 16:1 umfundi ogama lakhe lingu**T.**
1Ko 4:17 ngithumela u**T.**, othandekayo nothembekile
Flp 2:20 anginaye onjengo**T.** ozoninakekela
1Ti 1:2 ku**T.**, umntwana woqobo okholweni
**THINGO,** Gen 9:13 u**t.** lwami luyoba uphawu
**THINI,** Job 31:34 Ngake ngesaba yini ukuthi iningi lizo**t.**?
**THINTA,** Mat 8:3 wam**t.**, wathi: "Ngiyathanda!
2Ko 6:17 niyeke uku**t.** into engcolile
**THINTAYO,** IzA 6:29 Akekho om**t.** ongeke ajeziswe
**THINTI,** Isay 52:11 ninga**t.** lutho olungcolile!
**THI WAMEHLO,** IsA 3:18 nomu**t.** ukuba uwuhlikihle
**THIXO,** Hu 115:4 Izi**t.** zabo ziyisiliva negolide
**THIXWENI,** 1Jo 5:21 ziqapheni ezi**t.**
**THOBA,** Mat 18:4 ubani oyozi**t.** njengalo mntwana
Luk 2:51 waqhubeka ezi**t.** kubo
**THOBE,** Rom 13:1 makazi**t.** emagunyeni aphakeme
Heb 13:17 nizi**t.** kwabaholayo
**THOBEKA,** IzA 15:33 Uku**t.** kwandulela ukukhazinyuliswa
**THOBEKILE,** Zak 9:9 I**t.** igibele imbongolo
Jak 4:6 aba**t.** ubapha umusa omkhulu
**THOBENI,** Jak 4:10 Zi**t.** emehlweni kaJehova
1Pe 2:13 zi**t.** enkosini njengephakeme
1Pe 5:6 zi**t.** ngaphansi kwesandla sikaNkulunkulu
**THOBISE,** Dut 8:2 ukuze aku**t.** futhi akuvivinye
**THOKOZA,** Hu 100:2 Khonzani uJehova ngoku**t.**
**THOLE,** Eks 32:4 wenza isithombe se**t.**
Isay 11:6 I**t.** nebhubesi kuyoba ndawonye
Mat 16:26 umuntu angayikhipha ukuze a**t.** ukuphila?
**THOLWA,** Rom 8:15 namukela umoya woku**t.**
**THOMBE,** Dan 2:31 wabona isizemazema sesi**t.**
Dan 3:18 ngeke sikhulekele isi**t.** segolide
**THOMBO,** Hu 36:9 Ungum**t.** wokuphila
Jer 2:13 Bangishiyile mina m**t.** wamanzi aphilayo
**THONGWENI,** Rom 13:11 phaphamani ebu**t.**
**THONJENI,** IzA 5:15 Phuza amanzi em**t.** wakho
**THONYA,** 2Ko 5:11 siyaqhubeka si**t.** abantu
**THONYAYO,** 1Ko 2:4 amazwi okuhlakanipha a**t.**
**THONYELWA,** 2Ti 3:14 wa**t.** ukuba uzikholelwe
**THOPHA,** IzA 29:5 o**t.** umakhelwane wendlala inethi
Rom 16:18 nangenkulumo yoku**t.** ayenga izinhliziyo
**THOPHAYO,** IzA 26:28 o**t.** ubangela umonakalo
**THOTSHELWE,** Gen 1:28 ni**t.** yizilwane eziphilayo
**THUBA,** Gal 6:10 uma nje sine**t.**, masenze okuhle
**THUKA,** Job 2:5 nakanjani uzoku**t.** ebusweni bakho
Job 2:9 **T.** uNkulunkulu ufe!
Isay 28:16 Akekho obonisa ukholo kulo oyokwe**t.**
1Pe 2:23 akaphindiselanga ngoku**t.**
**THUKI,** Isay 44:8 Ninge**t.**
**THUKUTHELA,** Hu 103:8 UJehova uyephuza uku**t.**
IzA 14:17 Oshesha uku**t.** wenza ngobuwula
**THUKUTHELELI,** Kol 3:19 ningaba**t.** kakhulu
**THUKUTHELISI,** Kol 3:21 ningaba**t.** abantwana benu
**THULA,** Hu 29:11 uyobusisa abantu bakhe ngoku**t.**
Hu 37:11 injabulo enkulu ngenxa yoku**t.**
Hu 72:7 Noku**t.** kuyochichima
Hu 119:165 Uku**t.** kungokwalabo abathanda umthetho
IzA 17:1 ucezu lwesinkwa olomile lapho kunoku**t.**
Shu 3:7 Isikhathi soku**t.** nesokukhuluma
Isay 9:7 Noku**t.** ngeke kuphele
Isay 32:18 bayohlala endaweni enoku**t.**
Isay 48:18 Uku**t.** kwakho bekuyoba njengomfula
Isay 54:13 Noku**t.** kwabantwana bakho kuyochichima
Isay 57:21 Ababi abanakho uku**t.**
Isay 60:17 Ngiyomisa uku**t.** kube ababonisi bakho
Jer 6:14 Kukhona uku**t.**! Kube kungekho uku**t.**
Mat 5:24 Qale wenze uku**t.** nomfowenu
Mar 9:50 nibe noku**t.** phakathi kwenu
Joh 14:27 Nginishiyela uku**t.**; ngininika uku**t.** kwami
IzE 9:31 ibandla langena enkathini yoku**t.**
Rom 5:1 masijabulele uku**t.** noNkulunkulu ngoJesu
Rom 8:6 ukunaka umoya kusho ukuphila noku**t.**
Rom 12:18 yibani noku**t.** nabo bonke abantu
Flp 4:7 uku**t.** kukaNkulunkulu kuyoqapha izinhliziyo
1Th 4:11 Kwenzeni umgomo ukuphila ngoku**t.**
1Th 5:3 Uku**t.** nokulondeka! imbubhiso engazelelwe
1Pe 3:4 onoku**t.** nobumnene
1Pe 3:11 makafune uku**t.** azame ukukulondoloza
IsA 6:4 wanikwa ukuba asuse uku**t.** emhlabeni
**THULE,** Hu 4:4 Khulumani ngenhliziyo kodwa ni**t.**
Hu 32:3 Lapho ngi**t.**, ngakhathala
Isay 53:7 Njengemvu e**t.** phambi kwabagundi
**THULI,** Gen 2:7 wabumba umuntu ngo**t.**
Gen 3:19 ulu**t.**, uyobuyela othulini
Hu 103:14 Ekhumbula ukuthi silu**t.**
Isay 40:15 Izizwe zinjengo**t.** esikalini
**THULISE,** 1Pe 2:15 ni**t.** abantu abangenangqondo
**THULU,** Lev 19:14 Ungamqalekisi umuntu oyisi**t.**
Isay 35:5 Izindlebe zabayizi**t.** ziyovulwa
Mar 7:37 Wenza ngisho nezi**t.** zizwe

**THULULANI,** Hu 62:8 **T.** izinhliziyo zenu phambi kwakhe
**THULUZI,** Shu 10:10 Uma i**t.** lensimbi libuthuntu
**THUMA,** Isay 6:8 Nangu mina! **T.** mina
**THUMBA,** 2Ko 10:5 si**t.** yonke imicabango
**THUMBILE,** Dut 24:7 om**t.** kumele afe
**THUNA,** Hos 13:14 Ngizobakhulula emandleni e**T.**
IsA 1:18 nginezihluthulelo zokufa neze**T.**
IsA 20:13 nokufa ne**T.** kwakhipha abafile
**THUNENI,** Job 14:13 ukube ubungangithukusa e**T.**
Shu 9:10 akukho msebenzi nakuhlakanipha e**T.**
Joh 5:28 bonke abasema**t.** beyolizwa
IzE 2:31 ukuthi uKristu akashiywanga e**T.**
**THUNTU,** Heb 5:11 seniye naba bu**t.** ekuzweni
**THUNYWA,** Mal 3:1 Ngithuma isi**t.** sami
**THUNZI,** 1Kr 29:15 izinsuku zethu emhlabeni zinjenge**t.**
Hu 91:1 ngaphansi kom**t.** woMninimandla Onke
IzA 5:9 Ukuze ungaphelelwa isi**t.**
Kol 2:17 ziyisi**t.** sezinto ezazizofika
Jak 1:17 aphenduke kuhle kwe**t.**
**THUSAYO,** Hu 91:5 Ngeke wesabe olwe**t.** ebusuku
IzA 3:25 Ngeke wesabe lutho olwe**t.**
**THUSWA,** Flp 1:28 ane**t.** nhlobo abaphikisana nani
**THUTHUKE,** Flp 3:16 ngezinga esesi**t.** ngalo
**THUTHUMELA,** Flp 2:12 ukusindiswa kwenu ngoku**t.**
**THWALE,** Rom 15:1 kufanele si**t.** ubuthakathaka
**THWALO,** Hu 38:4 iziphambeko zinjengom**t.** osindayo
Hu 55:22 Phonsa um**t.** wakho kuJehova
Hu 68:19 uJehova osithwalela um**t.** nsuku zonke
IzE 15:28 ukunganezeli omunye um**t.** kini, ngaphandle
Gal 6:2 nithwalisana imi**t.** yenu
Gal 6:5 yilowo nalowo uyothwala owakhe um**t.**
1Th 2:6 sasingaba um**t.** oyizindleko ezinkulu
1Jo 5:3 imiyalo yakhe ayiwona um**t.**
IsA 2:24 Angibeki noma yimuphi omunye um**t.**
**THWESA,** Luk 11:46 ni**t.** abantu imithwalo
**TIFIKETI,** Dut 24:1 mbhalele isi**t.** sedivosi
Mat 19:7 kungani uMose athi makanikwe isi**t.**?
**TOLIKA,** 1Ko 12:30 Akubona bonke abango**t.**
**TOTOSWA,** IzA 29:21 Uma i**t.**, ngeke ibonise ukubonga
**TSHA,** IzE 9:15 lo muntu uyisi**t.** sami engisikhethile
Rom 9:21 isi**t.** esisebenza ngezikhathi ezikhethekile
**TSHALA,** 1Ko 3:6 nga**t.**, u-Apholo wanisela
**TSHALE,** Isay 65:22 Ngeke ba**t.** bese kudla abanye
**TSHANI,** Isay 65:25 Ibhubesi liyodla u**t.** njengenkomo
**TSHE,** Dan 2:34 kwaqheshulwa i**t.**, hhayi ngezandla
Mat 21:42 I**t.** elenqatshwa abakhi
Luk 19:40 bebengathula, ama**t.** abezomemeza
**TSHE AYIZICABA,** Eks 31:18 wanika uMose ama**t.** amabili
**TSHE LEGUMBI,** Hu 118:22 Selibe yi**t.** eliyinhloko
Efe 2:20 uJesu uyi**t.** eliyisisekelo
**TSHWALA,** IzA 20:1 u**t.** bukwenza ungalawuleki
**TUBA,** 1Ko 9:27 ngiyawu**t.** umzimba wami

## U

**FEBE. Bheka elithi PHATHA KABI NGOKOCANSI.**
**URIMI NETHUMIMI,** Eks 28:30 ufake i-**U.** esiqeshini
**UZIYA,** 2Kr 26:21 INkosi u-**U.** yaqhubeka inochoko

## V

**VA,** Mar 15:17 aluka umqhele wame**v.** amthwesa
2Ko 12:7 nganikwa i**v.** enyameni
**VALELI ISANDLA,** Dut 15:7 ungam**v.**
**VALI UMLOMO NGESIFONYO,** Dut 25:4 Ungayi**v.** inkabi
**VALIWE,** Dan 12:9 la mazwi agcinwe e**v.** kuze kube
**VAMILE,** IzE 4:13 bangabantu abangafundile naba**v.**
**VANGELI,** IzE 21:8 kaFiliphu um**v.**
2Ti 4:5 wenze umsebenzi wom**v.**
**VELA KUNKULUNKULU,** Rom 1:11 isipho esithile esi**v.**
**VIKELA,** 1Pe 3:15 nihlale nikulungele ukuzi**v.**
**VIKELENI,** Flp 1:7 eku**v.** nasekumiseni ngokomthetho
**VIKELO,** Shu 7:12 ukuhlakanipha kuyisi**v.**
**VIKELO SESIFUBA,** Efe 6:14 isi**v.** sokulunga
**VILA,** IzA 6:6 Yana entuthwaneni **v.** ndini
IzA 10:26 njengentuthu, unjalo umuntu oyi**v.**
IzA 19:15 oyi**v.** uyobulawa indlala
IzA 19:24 I**v.** lifaka isandla esitsheni
IzA 20:4 I**v.** alilimi ebusika
**VILAPHAYO,** Mat 25:26 Nceku embi ne**v.**
**VILAPHI,** Rom 12:11 Khuthalani, ninga**v.**
**VIMBA,** 1Th 2:16 ezama ukusi**v.** ukuba sikhulume
**VIMBELAYO,** 2Th 2:6 okusebenza njengento e**v.**
**VIVINYA,** Dut 13:3 uJehova uyani**v.** ukuze abone
IzE 5:9 Kungani nivumelane ngoku**v.** uJehova?
**VIVINYE,** Mal 3:10 ngicela ningi**v.** kulesi sici
**VIVINYENI,** 1Jo 4:1 zi**v.** izimfundiso ezivela
**VIVINYI,** 1Ko 10:9 Masingam**v.** uJehova
**VIVINYWA,** IzA 27:21 Nomuntu u**v.** ukudunyiswa
Luk 8:13 ngenkathi yoku**v.** bayawa
Jak 1:3 uku**v.** kokholo lwenu
**VIYO,** IzE 17:5 aqoqa amadoda akhohlakele akha i**v.**
**VOLONTIYELE,** Eks 36:2 inhliziyo ukuba a**v.**
**VUKA,** Joh 11:25 Mina ngingiku**v.** nokuphila
**VUKO,** Mat 22:23 abaSadusi, abathi alukho u**v.**
IzE 24:15 u**v.** lwabalungile nabangalungile
1Ko 15:13 Uma lungekho u**v.**, noKristu akavusiwe
**VUKWENI,** Mat 22:30 o**v.** amadoda awashadi
Joh 5:29 baphumele o**v.** lokuphila
Joh 11:24 uyovuka o**v.** ngosuku lokugcina
**VUMA,** Hu 32:5 Ekugcineni ngasi**v.** isono sami kuwe
Rom 10:10 umuntu u**v.** obala kube insindiso
1Jo 1:9 Uma sizi**v.** izono, uyosithethelela
**VUMANI,** Jak 5:16 **v.** izono zenu komunye nomunye
**VUMAYO,** IzA 28:13 ozi**v.** uyoboniswa isihe
**VUMELANA,** 1Ko 1:10 ukuba nonke nikhulume ngoku**v.**
**VUMELANANGA,** Luk 23:51 wayenga**v.** necebo labo
**VUMELANAYO,** Efe 4:16 uhlanganiswa ngoku**v.**
**VUMELENE,** 1Ko 7:5 ngaphandle uma ni**v.**
**VUMELWANO,** Gen 15:18 wenza isi**v.** no-Abrama
Jer 31:31 ngiyokwenza isi**v.** esisha
Luk 22:20 isi**v.** esisha esenziwa ngegazi lami
Luk 22:29 ngenza isi**v.** nani, njengoBaba
**VUNA,** IzA 27:12 abangenalwazi baya**v.**
Hos 8:7 bahlwanyela umoya, bayo**v.** isivunguvungu
Mat 9:37 umsebenzi woku**v.** mkhulu
2Ko 9:6 ohlwanyela kancane uyo**v.** kancane
Gal 6:7 noma yini ayihlwanyelayo, uyo**v.** yona
Gal 6:9 siyo**v.** uma singakhathali
**VUNE,** Shu 11:4 nalowo obheka amafu ngeke a**v.**
**VUSA,** IzE 2:24 Kodwa uNkulunkulu wam**v.**
**VUSE,** Joh 6:39 ukuba ngiba**v.** ngosuku lokugcina
Joh 11:11 ngiya khona ukuze ngim**v.**

**VUSELELANE,** Heb 10:24 siv. uthando nemisebenzi
**VUSELELE,** Isay 57:15 Ukuze ngiv. odangele
**VUSWA,** 1Pe 3:18 wav. enomzimba womoya
**VUTHANI,** Rom 12:11 V. emoyeni
**VUTHIWE,** Gal 6:1 nina eniv. zamani
Heb 5:14 abav., abasebenzisa amandla okuqonda
**VUTHWA,** Heb 6:1 masizabalazele ukuv.
**VUZA,** Rut 2:12 Kwangathi uJehova angakuv.
Heb 11:6 uyabav. labo abamfuna ngobuqotho
**VUZO,** Dan 12:13 uthole umv. ekupheleni kwezinsuku
Kol 3:24 niyothola ifa eliwumv. kuJehova

## W

**WA,** IzA 24:16 olungile angaw. kasikhombisa
Shu 4:10 uma kuw. oyedwa, omunye angamvusa
**WALA,** IzA 19:2 Nowenza ngamaw. uyona
IzA 29:20 wambona onamaw. lapho ekhuluma?
**WAYINI,** Lev 10:9 Ungaliphuzi iw. lapho
Hu 104:15 New. elijabulisa inhliziyo
IzA 20:1 Iw. lingumhleki wosulu
IzA 23:31 Ungawubheki umbala obomvu wew.
Shu 10:19 new. lenza ukuphila kube mnandi
Isay 25:6 Idili lew. elimnandi, elihluziwe
Hos 4:11 new. elisha kuqeda isisusa
Joh 2:9 la manzi ayesephenduke iw.
1Ti 5:23 phuza iw. elincane ngenxa yesisu
**WI,** 1Ko 10:12 makaqaphele ukuba angaw.
**WOHLOKA,** 2Ko 4:16 esinguye ngaphandle uyaw.
**WOZA,** IsA 22:17 ozwayo makathi, W.!
**WOZANI,** Isay 55:1 W. nonke enomile, w. emanzini
**WULA,** Hu 14:1 Isiw. sithi: Akekho uJehova
IzA 19:3 Ngubuw. bomuntu obuhlanekezela indlela
IzA 22:15 Ubuw. buboshelwe enhliziyweni yengane
1Ko 3:19 ukuhlakanipha kwaleli zwe kuwubuw.
**WUNDLU,** 2Sa 12:3 yayingenalutho ngaphandle kwew.
Isay 40:11 iyoqoqela ndawonye amaw.
Joh 1:29 Bhekani, iW. likaNkulunkulu elisusa isono
Joh 21:15 uyangithanda yini? Yondla amaw. ami
Joh 21:16 Yalusa amaw. ami

## X

**XUKU,** Eks 23:2 Ungalandeli isix.
**XUKU ESIKHULU,** IsA 7:9 isix., okungekho owakwazi
**XWAYISA,** Hez 33:9 uma umx. omubi ukuba ashintshe
**XWAYISO,** Hez 3:17 ubanike isix. esivela kimi
Hez 33:4 angasilaleli isix., igazi lakhe
1Ko 10:11 zalotshelwa ukuba zibe yisix. kithi

## Y

**YA ESIKHATHINI,** Lev 15:19 esekungcoleni kokuy.
Lev 18:19 ulale naye kuphuma ukungcola kokuy.
**YALA,** IzA 19:18 Y. indodana yakho lisekhona ithemba
**YALE,** IzE 5:28 Siniy. ngokucacile ukuba ningaqhubeki
IsA 3:19 engibathandayo ngiyabasola ngibay.
**YALO,** IzA 1:7 Iziwula zizonda ukuhlakanipha nesiy.
IzA 3:11 ungasenqabi isiy. sikaJehova
IzA 23:13 Ungayigodleli ingane isiy.
Mat 22:40 Kule miy. emibili kusekelwe uMthetho
Mar 12:28 Yimuphi umy. ongowokuqala?
Mar 12:31 Awukho umy. omkhulu kunale
Joh 13:34 umy. omusha, nithandane
Heb 12:11 asijabuli lapho sithola isiy.
**YALO EYISHUMI,** Eks 34:28 wabhala iMiy.
**YALUYALU,** 1Ko 14:33 wokuthula akayena owesiy.
**YEBO,** Mat 5:37 uY. makasho uy.
**YEKETHISA,** IzE 5:42 ngaphandle kokuy., befundisa
**YEKI,** 2Ko 4:1 njengoba sinale nkonzo, asiy.
2Ko 4:16 Ngakho asiy.
Gal 6:9 masingay. ukwenza okuhle
**YENGA,** IzA 7:21 Uyiy. ngenkulumo ebushelelezi
**YENI,** Kol 3:18 bafazi, zithobeni kubay. benu
**YIHLO,** Mat 23:9 ningabizi muntu ngokuthi uy.
**YISE,** Gen 2:24 iyoshiya uy. nonina
Isay 9:6 Igama lakhe kuyothiwa uY. Ongunaphakade
Luk 15:20 uy. wagijima wayanga ngothando

## Z

**ZABA,** Joh 15:22 manje abanazo iz. ngesono sabo
Rom 1:20 kangangokuthi abanaz.
Jud 4 bawenze iz. zokuziphatha kabi
**ZAKARIYA,** Ezr 5:1 umprofethi uHagayi nomprofethi uZ.
Luk 1:5 umpristi ogama lakhe linguZ.
Luk 11:51 egazini likaZ., owabulawa
**ZAKEWU,** Luk 19:2 uZ., umqoqi wentela omkhulu
**ZALANI,** Gen 1:28 Z. nande, nigcwalise umhlaba
**ZALI,** Luk 18:29 oshiye abaz. ngenxa yoMbuso
Luk 21:16 niyonikelwa ngisho nangabaz.
2Ko 12:14 ngabaz. abaqongelelela abantwana
Efe 6:1 lalelani abaz. benu
Kol 3:20 lalelani abaz. benu kukho konke
**ZALI BABAZALI,** 1Ti 5:4 babuyisele nabaz. okubafanele
**ZALWA,** Job 14:1 oz. owesifazane, uphila isikhashana
Hu 51:5 Ngaz. nginesono
1Pe 1:3 ukuz. okusha ethembeni eliphilayo
**ZALWANE,** 1Ko 5:11 obizwa ngomz. ebe eziphatha kabi
1Pe 5:9 yonke inhlangano yabaz. benu
**ZAMAZAMA KOMHLABA,** Luk 21:11 ukuz. okukhulu
**ZAMAZAMISA,** Hag 2:7 Ngizoz. zonke izizwe
**ZAMCOLO,** Gen 9:11 ngeke iphinde ibhujiswe ngoz.
Mat 24:38 ngaphambi kukaZ., bedla, bephuza
2Pe 2:5 eletha uz. ezweni
**ZAZISA,** Flp 2:3 Ningenzi lutho ngokuz.
**ZE,** Shu 1:2 Yiz. leze!
Isay 45:19 Ngifuneni kodwa imizamo yenu iyoba yiz.
Isay 65:23 Ngeke bakhandlekele iz.
Mat 15:9 Siqhubeka singikhulekela ngez.
1Ko 15:58 umshikashika wenu awulona iz. eNkosini
Efe 4:17 ekucabangeni kwazo okuyiz.
**ZEDEKIYA,** Jer 52:11 yamkhipha amehlo uZ.
**ZELA,** IzA 23:21 ukoz. kuyokwembathisa amanikiniki
**ZELE,** Hu 2:7 Namuhla ngikuz.
**ZELWE YEDWA,** Joh 1:18 oz. nguye owamchaza
**ZELWE YODWA,** Joh 3:16 wanikela ngeNdodana ez.
**ZENZISI,** Rom 12:9 Uthando lwenu malungabi nabuz.
**ZEYUSI,** IzE 14:12 Babiza uBarnaba ngokuthi uZ.
**ZIBI,** 1Ko 4:13 sesinjengez. zezwe
Flp 3:8 ngizibheka njengenqwaba yez.
**ZIBULO,** Eks 11:5 wonke amaz. eGibhithe azofa
Kol 1:15 iz. layo yonke indalo

**ZILA UKUDLA,** Isay 58:6 yilokhu uku**z.** engikukhethayo
Luk 18:12 Ngi**z.** kabili ngesonto; nginikela okweshumi
**ZIMBA,** Mat 10:28 Ningabesabi ababulala um**z.**
Mat 26:26 Thathani, yidlani. Lokhu kusho um**z.** wami
Rom 6:13 ninikela imi**z.** yenu kuNkulunkulu
Rom 12:1 ninikele imi**z.** yenu ibe umhlatshelo
1Ko 7:4 igunya phezu kom**z.** wayo
1Ko 12:18 uNkulunkulu uye wahlela ilunga lom**z.**
1Ko 15:44 Kuhlwanyelwa kuwum**z.** wenyama
Flp 3:21 oyoguqula um**z.** wethu ophansi ukuze
**ZIMISELE,** Eks 19:8 si**z.** ukukwenza
2Ko 8:12 uma umuntu e**z.** ukupha
**ZINDLA,** Hu 19:14 noku**z.** kwenhliziyo yami
Hu 77:12 Ngizo**z.** ngawo wonke umsebenzi wakho
IzA 15:28 olungile uya**z.** ngaphambi kokuphendula
**ZINDLE,** Gen 24:63 U-Isaka wayesesigangeni ukuze a**z.**
**ZINGA,** Jer 30:11 Ngizokujezisa nge**z.** elifanele
**ZINGELA,** Lev 17:13 **ez.**, kumele athulule igazi
**ZIYONI,** Hu 2:6 ngiyimisile inkosi yami e**Z.**
Hu 48:2 INtaba i**Z.**, idolobha leNkosi Enkulu
Isay 66:8 i**Z.**, lazala amadodana
IsA 14:1 iWundlu eNtabeni i**Z.**, nabangu-144 000
**ZOLILE,** IzA 14:30 Inhliziyo e**z.** iphilisa umzimba
IzA 17:27 onokuqonda uyohlale e**z.**
**ZOLO,** Dut 32:2 Amazwi ami ayoconsa njengama**z.**
Hu 110:3 Izinsizwa zinjengamaconsi ama**z.**
**ZONDA,** Hu 45:7 wabu**z.** ububi
IzA 8:13 Ukwesaba uJehova kusho uku**z.** okubi
Joh 7:7 Izwe liyangi**z.**, ngoba ngifakaza
Joh 15:25 Bangi**z.** ngaphandle kwesizathu
1Jo 3:15 o**z.** umfowabo ungumbulali
**ZONDANI,** Hu 97:10 nina enithanda uJehova, **z.** okubi
Amo 5:15 **Z.** okubi, nithande okuhle
Rom 12:9 **Z.** okubi; bambelelani kokuhle
**ZONDAYO,** IzA 6:16 izinto eziyisithupha uJehova azi**z.**
Luk 6:27 nenza okuhle kwabani**z.**
**ZONDI,** Lev 19:17 Ungam**z.** umfowenu
**ZONDWA,** Mat 24:9 niyo**z.** ngenxa yegama lami
**ZOTHA,** IzA 11:2 ukuhlakanipha kukwabanesi**z.**
Mik 6:8 uhambe ngesi**z.** noNkulunkulu wakho!
1Ti 2:9 abesifazane kufanele bazihlobise ngesi**z.**
**ZUKULWANE,** Mat 24:34 lesi si**z.** asisoze sadlula
**ZUKULWANENI,** Luk 16:8 ahlakaniphe esi**z.** sawo
**ZULU,** Hu 8:3 Lapho ngibona ama**z.** akho
Hu 19:1 Ama**z.** amemezela inkazimulo
2Pe 3:13 kukhona ama**z.** amasha nomhlaba omusha
**ZULWINI,** Joh 3:13 akekho umuntu oye wanyukela e**z.**
2Ko 12:2 wathathwa wayiswa e**z.** lesithathu
**ZUZE,** Dut 8:16 ukuze u**z.** esikhathini esizayo
Isay 48:17 Lowo okufundisayo ukuze u**z.**
1Ko 7:35 lokhu ngikusho ukuze ku**z.** nina
**ZUZWANA,** Isay 26:20 Zifihleni um**z.**
2Ko 4:17 usizi lungolom**z.**
**ZWA,** Rom 10:14 Bayo**z.** kanjani kungekho?
**ZWA WOKUPHUTHUMA,** 2Ti 4:2 ukwenze unomu**z.**
**ZWE,** Gen 22:18 izi**z.** zomhlaba ziyozitholela isibusiso
Gen 49:28 Zonke lezi yizi**z.** ezingu-12 zakwa-Israyeli
Eks 19:6 umbuso wabapristi nesi**z.** esingcwele
Hu 33:12 isi**z.** esinoNkulunkulu onguJehova
Isay 66:8 i**z.** lingazalwa ngosuku olulodwa?
Isay 66:8 ingabe isi**z.** singazalwa kanyekanye?
Mat 21:43 uMbuso unikwe isi**z.** esithela izithelo zawo
Mat 24:7 Isi**z.** siyovukela isi**z.**
Mat 25:32 Zonke izi**z.** ziyobuthelwa phambi kwayo
Luk 9:25 ukuzuza i**z.** lonke kodwa alahlekelwe
Luk 21:24 kugcwaliseke izikhathi ezimisiwe ezezi**z.**
Joh 15:19 aniyona ingxenye ye**z.**
Joh 17:16 Abayona ingxenye ye**z.**
IzE 17:26 Ngomuntu oyedwa wenza ukuba zonke izi**z.**
1Pe 2:9 niluhlanga olukhethiwe isi**z.** esingcwele
1Jo 2:15 Ningalithandi i**z.**
1Jo 2:17 i**z.** liyadlula
**ZWELA,** Eks 34:6 UJehova, onesihe no**z.**
Kol 3:12 gqokani u**z.** nothando
**ZWELANA,** Heb 4:15 ongenaku**z.** nobuthakathaka
**ZWELI,** Mar 3:5 elusizi ngenxa yokunga**z.** kwezinhliziyo
**ZWI,** 1Kh 19:12 Ngemva komlilo, i**z.** eliphansi elizolile
IzA 25:11 i**z.** elikhulunywe ngesikhathi esifanele
Isay 40:8 i**z.** likaNkulunkulu wethu lihlala
Isay 55:11 i**z.** lami liyophumelela
Luk 8:12 uDeveli wafika wathatha i**z.**
Joh 1:1 Ekuqaleni wayekhona uLi**z.**
Joh 5:28 bonke abasemathuneni beyolizwa i**z.** layo
Joh 10:27 Izimvu zami ziyalilalela i**z.** lami
Joh 17:17 i**z.** lakho liyiqiniso
IzE 18:5 uPawulu waba matasa kakhulu nge**z.**
Flp 2:16 nilibambe ngokuqinile i**z.** lokuphila
2Ti 2:15 esiphatha i**z.** leqiniso ngokufanele
**ZWI ELIPHANSI,** Jos 1:8 uyifunde nge**z.**
Hu 1:2 Ufunda umthetho waKhe nge**z.**
**ZWI LIKANKULUNKULU,** Mar 7:13 nilishaya indiva i**z.**
1Th 2:13 njengezwi labantu kodwa njenge**z.**
Heb 4:12 i**z.** liyaphila, linamandla
**ZWI-LINYE,** IzE 15:25 sinqume nga**z.** ukukhetha
**ZWISA UBUHLUNGU,** Hu 78:41 Bam**z.** oNgcwele

## 0-9

**12,** Mar 3:14 labangu-**12**, aliqamba ngabaphostoli
**24,** IsA 4:4 yizihlalo ezingu-**24**, abadala abangu-**24**
**70,** Hu 90:10 Ukuphila kwethu kuyiminyaka engu-**70**
Dan 9:2 yincithakalo, iminyaka engu-**70**
Dan 9:24 Kunamasonto angu-**70** anqunyelwe abantu
Luk 10:1 iNkosi yakhetha abangu-**70** yabathuma
**77,** Mat 18:22 hhayi eziyisikhombisa, kodwa ezingu-**77**
**100,** Mat 13:8 ngokuphindwe izikhathi ezingu-**100**
Mat 18:12 enezimvu ezingu-**100** bese kuduka eyodwa
Mar 10:30 kwamanje izikhathi eziphindwe kawu-**100**
**300,** Hlu 7:7 Ngizonisindisa ngala madoda angu-**300**
**500,** 1Ko 15:6 wabonakala kwabangaphezu kuka-**500**
**666,** IsA 13:18 inombolo yaso ngu-**666**
**1 000,** IsA 20:2 yambopha iminyaka engu-**1 000**
IsA 20:4 babusa noKristu iminyaka engu-**1 000**
**4 000,** Mar 8:20 amadoda angu-**4 000**
**5 000,** Mat 14:21 amadoda acishe abe ngu-**5 000**
**144 000,** IsA 7:4 ababekwa uphawu, bangu-**144 000**
IsA 14:3 wabangu-**144 000**, abathengwe emhlabeni
**185 000,** 2Kh 19:35 ingelosi yabulala abangu-**185 000**

# UHlu Lwezincazelo Zamagama AseBhayibhelini

## A

**Abhi.** Yigama lenyanga ka-5 ekhalendeni elingcwele lamaJuda nelenyanga ka-11 ekhalendeni elivamile elavela ngemva kokudingiselwa eBhabhiloni. Yayiqala phakathi noJulayi iye maphakathi no-Agasti. Ayibiziwe ngegama eBhayibhelini; imane ibizwe ngokuthi "inyanga yesihlanu." (Num 33:38; Ezr 7:9)—Bheka iSithasiselo B15.

**Abhibhi.** Igama lokuqala lenyanga yokuqala ekhalendeni elingcwele lamaJuda, inyanga yesikhombisa ekhalendeni elivamile. Lisho "iziKhwebu Eziluhlaza (zoKudla Okusanhlamvu)" futhi yayiqala phakathi noMashi iye maphakathi no-Ephreli. Ngemva kokubuya kwamaJuda eBhabhiloni, yabizwa ngokuthi uNisani. (Dut 16:1)—Bheka iSithasiselo B15.

**Adari.** Yigama lenyanga ka-12 ekhalendeni elingcwele lamaJuda nelenyanga ka-6 ekhalendeni elivamile elavela ngemva kokudingiselwa eBhabhiloni. Yayiqala phakathi noFebhuwari iye maphakathi noMashi. (Est 3:7)—Bheka iSithasiselo B15.

**isAga.** Amazwi anokuhlakanipha noma indatshana efundisa isifundo noma eveza iqiniso elibalulekile ngamazwi ambalwa kakhulu. Isaga seBhayibheli singase sibe yinkulumo ephicayo. Isaga siveza iqiniso ngolimi oluwubuciko, ngokuvamile ngokungathekisa. Ezinye izaga zagcina seziyinkulumo evamile yokwenza inhlekisa ngabantu abathile noma yokubadelela.—Shu 12:9; 2Pe 2:22.

**i-Akhaya.** EmiBhalweni YamaKristu YesiGreki, yisifundazwe saseRoma esiseningizimu yeGrisi, inhloko-dolobha yaso iseKorinte. I-Akhaya yayihlanganisa yonke iPeloponnese nendawo emaphakathi yezwe laseGrisi. (IzE 18:12)—Bheka iSithasiselo B13.

**i-Alabhaste.** Yigama lamabhodlela amakha amancane ekuqaleni ayenziwe ngetshe elalitholakala eduze kwase-Alabastron, eGibhithe. Lawo mabhodlela ayevame ukuba nentamo encane evalekayo ukuze kungabi namakha ayigugu aphumayo. Nalo leli tshe labe selaziwa ngaleli gama.—Mar 14:3.

**i-Alamoti.** Yigama lasemculweni elisho "iziNtombi," cishe libhekisela kuyisoprano yezintombi. Cishe yayisetshenziselwa ukubonisa ukuthi iculo noma insimbi yomculo kwakumele iculelwe phezulu.—1Kr 15:20; Hu 46:Umbhalo ongenhla.

**u-Alfa no-Omega.** Amagama ezinhlamvu zokuqala nezokugcina kuma-alfabhethi esiGreki; asetshenziswe ndawonye kathathu encwadini yesAmbulo njengesiqu sikaNkulunkulu. Kula mavesi le nkulumo isho okufanayo nokuthi "owokuqala nowokugcina" noma "isiqalo nesiphetho."—IsA 1:8; 21:6; 22:13.

**i-Altare.** Indawo ephakeme noma ipulatifomu eyenziwe ngodaka, amadwala, itshe, noma ngokhuni olumbozwe ngensimbi okwakunikelwa kuyo imihlatshelo noma impepho yokukhulekela. Egunjini lokuqala letabernakele nelethempeli, kwakukhona "i-altare" elincane "legolide" okwakunikelwa kulo impepho. Lalenziwe ngokhuni oluhuqwe ngegolide. Ngaphandle egcekeni 'kwakune-altare' elikhulu "lethusi" okwakunikelwa kulo imihlatshelo eshiswayo. (Eks 27:1; 39:38, 39; Gen 8:20; 1Kh 6:20; 2Kr 4:1; Luk 1:11)—Bheka iSithasiselo B5 no-B8.

**Amen.** "Makube njalo," noma "ngokuqinisekile." Leli gama livela egameni lesiHebheru elithi *'a·man',* elisho "ukwethembeka, ukwethenjelwa." Elithi "Amen" lalishiwo lapho umuntu evumelana nesifungo, umthandazo noma inkulumo ethile. Encwadini yesAmbulo, lisetshenziswe njengesiqu sikaJesu.—Dut 27:26; 1Kr 16:36; IsA 3:14.

**isi-Aramu.** Ulimi lwamaSemite oluhlobene kakhulu nesiHebheru, lusebenzisa izinhlamvu ezifanayo. Lwaqale lwakhulunywa ama-Aramu, kodwa kamuva lwaba ulimi olukhulunywa emhlabeni wonke olusetshenziswa kwezohwebo nasekuxhumaneni embusweni wase-Asiriya nowaseBhabhiloni. Sasiwulimi olusemthethweni naseMbusweni WamaPheresiya. (Ezr 4:7) Izingxenye ezithile zencwadi ka-Ezra, kaJeremiya nekaDaniyeli zazibhalwe ngesi-Aramu.—Ezr 4:8–6:18; 7:12-26; Jer 10:11; Dan 2:4b–7:28.

**umAramu; ama-Aramu.** Yinzalo yendodana kaShemi, u-Aramu, eyayihlala ezinda-

weni ezazisuka eziNtabeni ZaseLebhanoni kuye eMesophothamiya, nezazisuka eziNtabeni ZaseTaurus enyakatho kwehle kuye eDamaseku kuze kuyofika ngale eningizimu. Le ndawo, ebizwa ngokuthi i-Aramu ngesiHebheru, kamuva yabizwa ngokuthi iSiriya, abantu bakhona babizwa ngokuthi amaSiriya.—Gen 25:20; Dut 26:5; Hos 12:12.

**i-Areyophagu.** Yigquma eliphakeme eliseAthene, enyakatho-ntshonalanga ye-Acropolis. Yayiphinde ibe yigama lomkhandlu (inkantolo) owawubambela imihlangano khona. UPawulu walethwa e-Areyophagu yizazi zamaStoyiku nama-Epikhuru ukuze achaze izinkolelo zakhe.—IzE 17:19.

**i-Armagedoni.** Livela egameni lesiHebheru elithi *Har Meghid·dohn′,* elisho "iNtaba YaseMegido." Leli gama lihlotshaniswa 'nempi yosuku olukhulu lukaNkulunkulu uMninimandla Onke' okuyobuthana kuyo 'amakhosi omhlaba wonke owakhiwe' ukuze alwe noJehova. (IsA 16:14, 16; 19:11-21)—Bheka USIZI OLUKHULU.

**i-Aselgeia.**—Bheka UKUZIPHATHA KABI OKUHAMBISANA NENDELELO.

**u-Ashitoreti.** Unkulunkulukazi wempi nenzalo wamaKhanani, umkaBhali.—1Sa 7:3.

**i-Asiya.** EmiBhalweni YamaKristu YesiGreki, iyigama lesifundazwe saseRoma esasihlanganisa ingxenye esentshonalanga yeTurkey yanamuhla, kanye nezinye zeziqhingi ezingasolwandle njengeSamo nePhatmose. Inhloko-dolobha kwakuyi-Efesu. (IzE 20:16; IsA 1:4)—Bheka iSithasiselo B13.

**u-Azazeli.** Yigama lesiHebheru cishe elisho "Imbuzi Enyamalalayo." NgoSuku Lokuhlawulelwa, imbuzi eyayinikwe u-Azazeli yayiyiswa ehlane, ngokomfanekiso ithwale izono zesizwe zonyaka odlule.—Lev 16:8, 10.

## B

**isiBambiso.** Impahla yomuntu obolekayo ayinikeza umbolekisi eqinisekisa ukuthi imali ebolekiwe izobuya. Sasibizwa nangokuthi isiqinisekiso. UMthetho KaMose wawunemiyalo ephathelene nezibambiso ukuze kuvikelwe abampofu namalungu esizwe angenamuntu ozowavikela.—Eks 22:26; Hez 18:7.

**iBandla.** Yiqembu labantu abahlangene ndawonye ngenjongo ethile noma ngomsebenzi othile. EmiBhalweni YesiHebheru, livame ukubhekisela esizweni sakwa-Israyeli. EmiBhalweni YamaKristu YesiGreki, libhekisela emabandleni amaKristu kodwa kaningi lisuke libhekisela ebandleni lobuKristu.—1Kh 8:22; IzE 9:31; Rom 16:5.

**ubuBanzi besandla.** Indlela yokukala elingana cishe nokusuka ekupheleni kwesithupha kuya ekupheleni kukacikicane lapho isandla sivuliwe. Uma sisusela engalweni engu-44,5 cm, ububanzi besandla bungaba ngu-22,2 cm ubude. (Eks 28:16; 1Sa 17:4)—Bheka iSithasiselo B14.

**ukuBeka izandla.** Izandla zazibekwa kumuntu ukuze amiselwe umsebenzi okhethekile noma isibusiso, elashwe, noma anikwe isipho somoya ongcwele. Ngezinye izikhathi izandla zazibekwa ezilwaneni ngaphambi kokuba zenziwe umhlatshelo.—Eks 29:15; Num 27:18; IzE 19:6; 1Ti 5:22.

**uBhali.** Unkulunkulu wamaKhanani obhekwa njengomnikazi wesibhakabhaka, onisa imvula nowenza abantu babe nenzalo. Elithi "Bhali" lalisetshenziswa nanjengesiqu sonkulunkulu abancane bendawo. Leli gama lesiHebheru lisho "Umnikazi; Inkosi."—1Kh 18:21; Rom 11:4.

**umBhali.** Umkopishi wemiBhalo YesiHebheru. Ngesikhathi uJesu efika emhlabeni, leli gama lase lisho amadoda athile anolwazi loMthetho. Ababhali babemphikisa uJesu.—Ezr 7:6, umbhw.; Mar 12:38, 39; 14:1.

**umBhalo; imiBhalo.** Yimibhalo engcwele yeZwi likaNkulunkulu. Le nkulumo ivela kuphela emiBhalweni YamaKristu YesiGreki.—Luk 24:27; 2Ti 3:16.

**umBhalo ongenhla.** Isihloko esisekuqaleni kwehubo esichaza umbhali walo, sinikeze isizinda, sinikeze indlela okufanelwe liculwe ngayo, noma sichaze injongo yehubo noma ukuthi lisetshenziswa kuphi.—Bheka imibhalo engenhla yeHubo 3, 4, 5, 6, 7, 30, 38, 60, 92, 102.

**uBhapathizo; Bhapathiza.** Lesi senzo sisho "ukucwilisa," noma ukufaka ngaphansi kwamanzi. UJesu wenza ubhapathizo lwaba imfuneko kubalandeli bakhe. ImiBhalo ikhuluma nangobhapathizo lukaJohane, ubhapathizo lomoya ongcwele nobhapathizo lomlilo phakathi kokunye.—Mat 3:11, 16; 28:19; Joh 3:23; 1Pe 3:21.

**iBhathi.** Isikali sento ewuketshezi elinganiselwa ku-22 L, ngokwemivubukulo eyatholwa yezingcezu zikajeke onaleli gama. Izikali eziningi zezinto ezomile neziwuketshezi eBhayibhelini zikalwa ngokomthamo webhathi. (1Kh 7:38; Hez 45:14)—Bheka iSithasiselo B14.

**uBhelizebhubhe.** Yigama elibhekisela kuSathane, inkosi noma umbusi wamademoni. Cishe yigama elisuselwa kuBhali-zebhubhe, uBhali owayekhonzwa amaFilisti e-Ekroni. —2Kh 1:3; Mat 12:24.

**uBhoko.** Yinduku ende enensimbi ecijile phambili eyayisetshenziswa abelusi ukuze baqondise isilwane. Ubhoko luqhathaniswa namazwi omuntu ohlakaniphile enza umuntu olalele asebenzise iseluleko esihlakaniphile. "Ukukhahlela izimboko" kususelwa esenzweni senkunzi enenkani engafuni ukuqondiswa ngobhoko elukhahlelayo, okuyinto egcina iyilimaza.—IzE 26:14; Hlu 3:31.

**ukuBhula; Isibuya.** Ukubhula ukukhipha okusanhlamvu ezinhlangeni nasemakhobeni; isibuya yindawo okwakwenzelwa kuyo lo msebenzi. Kwakubhulwa ngesandla kusetshenziswa induku, noma uma kubhulwa into eningi, kusetshenziswe ithuluzi elikhethekile, njengesihlibhi sokubhula noma ithuluzi elinamasondo elidonswa yizilwane. Leli thuluzi lalihamba phezu kokusanhlamvu okwendlalwe esibuyeni, okwakuyindawo eqondile eyindilinga ngokuvamile eyayisendaweni ephakeme echayeke emoyeni. —Lev 26:5; Isay 41:15; Mat 3:12.

**umBikezeli wekusasa.** Umuntu othi ukwazi ukubikezela izinto ezingakenzeki. Abapristi abenza imilingo, izangoma, ababhula ngezinkanyezi, nabanye babizwa kanjalo eBhayibhelini.—Lev 19:31; Dut 18:11; IzE 16:16.

**umBoni.** Umuntu onikwe nguNkulunkulu amandla okuqonda intando yaKhe, umuntu owayevulwe amehlo ukuze abone noma aqonde izinto ezazingekho obala kwabanye abantu. Leli gama lesiHebheru lithathwe esiqwini segama elisho "ukubona," kungaba ngokoqobo noma ngokomfanekiso. Umboni umuntu abanye ababeya kuye ukuze bathole iseluleko esihlakaniphile lapho bebhekana nezinkinga.—1Sa 9:9.

**umBonisi.** Indoda ngokuyinhloko enomthwalo wokuqapha nokwalusa ibandla. Umqondo oyisisekelo wegama lesiGreki elithi *e·piʹskopos,* ukuqapha ngenjongo yokuvikela. Amagama athi "umbonisi" nelithi "umdala" (*presbyʹte·ros*) abhekisela emsebenzini ofanayo ebandleni lobuKristu. Elithi "umdala" libonisa ukuvuthwa kwalowo omisiwe, kanti elithi "umbonisi" liqokomisa imisebenzi ehambisana nalokho kumiswa.—IzE 20:28; 1Ti 3:2-7; 1Pe 5:2.

**Buli.** Igama lenyanga ka-8 yekhalenda lamaJuda elingcwele nenyanga yesibili yekhalenda elivamile. Livela egameni elisho ukuthi "veza; khiqiza," yayiqala maphakathi no-Okthoba kuya maphakathi noNovemba. (1Kh 6:38)—Bheka iSithasiselo B15.

**umBumbi.** Umuntu owenza izimbiza, izindishi nezinye izitsha zobumba. Igama lesiHebheru elithi umbumbi ngokwezwi nezwi lisho "umenzi." Igunya umbumbi analo obumbeni livame ukusetshenziselwa ukufanekisela ubukhosi bukaJehova phezu kwabantu ngabanye nezizwe.—Isay 64:8; Rom 9:21.

**umBusi wesifundazwe.** Undunankulu embusweni waseBhabhiloni nowasePheresiya. Umbusi wesifundazwe wayemiswa yinkosi ukuba abe umbusi oyinhloko.—Ezr 8:36; Dan 6:1.

## C

**imiCengezi yomlilo.** Izinto ezazenziwe ngegolide, ngesiliva, noma ngethusi, zazisetshenziswa etabernakele nasethempelini ukuze kushiswe impepho futhi kukhishwe amalahle e-altare lomhlatshelo nezintambo zezibani ezishile ezintini zezibani zegolide. Yayibizwa nangokuthi izitsha zokushisa impepho.—Eks 37:23; 2Kr 26:19; Heb 9:4.

**iChibi lomlilo.** Yindawo engokomfanekiso 'evutha umlilo nesibabule,' ibuye ichazwe ngokuthi "ukufa kwesibili." Izoni ezingaphenduki, uDeveli, ngisho nokufa neThuna (noma, iHayidesi) kuphonswa kuyo. Ukuhlanganiswa kwesidalwa somoya kanye nokufa neHayidesi, konke okuyizinto ezingenakushiswa umlilo, kubonisa ukuthi leli chibi lingokomfanekiso, akulona elokuhlushwa phakade, kodwa ngelokubhujiswa phakade. —IsA 19:20; 20:14, 15; 21:8.

**uChoko; umuntu onochoko.** Yisifo sesikhumba esibi kakhulu. EmiBhalweni, uchoko luhilela okungaphezu kwesifo esaziwa ngokuthi uchoko namuhla, ngoba asigcini ngokuhlasela abantu nje kuphela, kodwa nezingubo zokugqoka kanye nezindlu. Umuntu ophethwe isifo sochoko kuthiwa unochoko. —Lev 14:54, 55; Luk 5:12.

**iCilongo.** Ithuluzi lensimbi elifuthwayo, elisetshenziselwa umculo noma ukunikeza abantu uphawu. NgokukaNumeri 10:2, uJehova wanikeza iziyalezo zokuba kwenziwe amacilongo amabili esiliva ayezosetshenziselwa ukunikeza uphawu lokubizela abantu ndawonye, lokuba kudilizwe amatende noma lokuba kumenyezelwe impi. Cishe

lawa kwakungamacilongo aqondile, ngokungafani "nezimpondo" ezigwegwile ezazenziwe ngezimpondo zezilwane. Amacilongo ayenziwe ngendlela engachaziwe nawo ayephakathi kwezinsimbi zomculo ezazisethempelini. Ukukhala kwamacilongo okungokomfanekiso kuvame ukuhambisana nokumenyezelwa kwezahlulelo zikaJehova noma ezinye izenzakalo ezivela kuNkulunkulu.—2Kr 29:26; Ezr 3:10; 1Ko 15:52; IsA 8:7–11:15.

## D

**uDagoni.** Unkulunkulu wamaFilisti. Umsuka waleli gama akuqinisekwa ngawo, kodwa ezinye izazi zilihlobanisa negama lesiHebheru elithi *dagh* (inhlanzi).—Hlu 16:23; 1Sa 5:4.

**umDala; Indoda endala.** Yindoda evuthiwe ekhulile ngeminyaka, kodwa emiBhalweni, ngokuyinhloko ingumuntu onegunya nesibopho emphakathini noma esizweni. Leli gama liphinde lisetshenziswe lapho kukhulunywa ngezidalwa zasezulwini encwadini yesAmbulo. Igama lesiGreki elithi *presby′te·ros* lihunyushwe ngokuthi "umdala" lapho libhekisela kulabo abaholayo ebandleni.—Eks 4:29; IzA 31:23; 1Ti 5:17; IsA 4:4.

**iDarike.** Uhlamvu lwegolide lwasePheresiya olunesisindo esingu-8,4 g. (1Kr 29:7)—Bheka iSithasiselo B14.

**iDekapholi.** Yiqembu lamadolobha amaGreki, laqale lakhiwa amadolobha ayishumi (lisuselwa egameni lesiGreki elithi *de′ka,* elisho "ishumi," nelithi *po′lis,* elisho "idolobha"). Kwakuphinde kube yigama lesifunda esisempumalanga yoLwandle LwaseGalile noMfula iJordani, lapho kwakukhona khona amaningi ala madolobha. Ayeyizikhungo zesiko lamaGreki nezohwebo. UJesu wadabula kulesi sifunda, kodwa akukho okulotshiwe ngokuvakashela kwakhe elinye lala madolobha. (Mat 4:25; Mar 5:20)—Bheka iSithasiselo A7 no-B10.

**amaDemoni.** Izidalwa zomoya ezimbi ezingabonakali ezinamandla angaphezu kwawomuntu. Zibizwa ngokuthi "amadodana kaNkulunkulu weqiniso" kuGenesise 6:2 nangokuthi 'izingelosi' kuJude 6, azidalwanga zizimbi; kunalokho, zaziyizingelosi ezaziphendula zona izitha zikaNkulunkulu ngokungamlaleli ngosuku lukaNowa nangokuzihlanganisa noSathane zadlubulunda zamelana noJehova.—Dut 32:17; Luk 8:30; IzE 16:16; Jak 2:19.

**uDenariyu.** Uhlamvu lwemali lwesiliva lwamaRoma olwalunesisindo esingaba ngu-3,85 g, lwalunesithombe sikaKhesari kolunye uhlangothi. Lwaluwumholo wosuku wesisebenzi futhi 'luyintela yekhanda' eyayifunwa amaRoma kumaJuda. (Mat 22:17; Luk 20:24)—Bheka iSithasiselo B14.

**uDeveli.** Yigama elichaza uSathane emiBhalweni YamaKristu YesiGreki, elisho "uMnyundeli." USathane waqanjwa igama elithi Develi ngenxa yokuthi ungumnyundeli omkhulu nowokuqala nommangaleli wamanga kaJehova, wezwi laKhe elihle, nowegama laKhe elingcwele.—Mat 4:1; Joh 8:44; IsA 12:9.

**ukuDingiswa.** Ukuxoshwa komuntu ezweni lakubo noma ekhaya lakhe, ngokuvamile okusuke kugunyazwe abanqobi. Yigama lesiHebheru elisho "ukuhamba." Zimbili izikhathi lapho ama-Israyeli abhekana khona nokudingiswa okukhulu. Umbuso wezizwe eziyishumi wasenyakatho wathunjwa ama-Asiriya, kamuva umbuso wezizwe ezimbili waseningizimu wathunjwa abaseBhabhiloni. Abasele kuzo zombili lezi zigameko zokudingiswa babuyiselwa ezweni labo ngaphansi kokubusa kukaKoresi, umbusi wasePheresiya.—2Kh 17:6; 24:16; Ezr 6:21.

**izinDlawu zokucisha.** Amathuluzi ayenziwe ngegolide ayesetshenziswa etabernakele nasethempelini ukucisha ilangabi lezibani.—Eks 37:23.

**isiDlo SeNkosi Sakusihlwa.** Isidlo esiyisinkwa esingenamvubelo kanye newayini okuyizifanekiselo zomzimba kaKristu negazi lakhe; yisikhumbuzo sokufa kukaJesu. Njengoba lona kuwumkhosi osekelwe emBhalweni okudingeka amaKristu awugcine, ubizwa kufanele ngokuthi "iSikhumbuzo."—1Ko 11:20, 23-26.

**amaDodana ka-Aroni.** Yisizukulwane somzukulu kaLevi u-Aroni, owakhethwa njengompristi ophakeme wokuqala ngaphansi koMthetho KaMose. Amadodana ka-Aroni ayenza imisebenzi yabapristi etabernakele nasethempelini.—1Kr 23:28.

**inDodana kaDavide.** Yinkulumo evame ukusetshenziswa kuJesu eqokomisa ukuthi uyiNdlalifa yesivumelwano soMbuso esasiyogcwaliswa othile oyinzalo kaDavide.—Mat 12:23; 21:9.

**inDodana yomuntu.** Yinkulumo etholakala izikhathi ezingu-80 emaVangelini. Isebenza

kuJesu Kristu futhi ibonisa ukuthi ngokuzalwa kwakhe enomzimba wenyama, waba umuntu futhi wayengesona nje isidalwa somoya esizenze umuntu. Le nkulumo ibonisa nokuthi uJesu wayezogcwalisa isiprofetho esikuDaniyeli 7:13, 14. EmiBhalweni YesiHebheru le nkulumo yasetshenziswa kuHezekeli nakuDaniyeli, igcizelela umehluko phakathi kwalaba bakhulumeli abangabantu noMthombo waphezulu womyalezo wabo. —Hez 3:17; Dan 8:17; Mat 19:28; 20:28.

**amaDolobha esiphephelo.** Amadolobha amaLevi lapho umbulali obulale engahlosile ayengaphephela khona ebalekela umuntu ophindiselela umufi. Amadolobha anjalo ayeyisithupha, esakazeke kulo lonke iZwe Lesithembiso, amiswa uMose, kamuva amiswa uJoshuwa beqondiswa uJehova. Lapho umbaleki efika edolobheni lesiphephelo, wayebeka udaba lwakhe emadodeni amadala esangweni ledolobha futhi wayemukelwa kahle. Ukuze kugwenywe ukuba ababulala ngenhloso badlale ngaleli lungiselelo, umbaleki kwakudingeka ayoquliswa icala edolobheni ayebulale kulo ukuze kutholakale ukuthi umsulwa yini. Uma etholakala emsulwa, wayebuyiselwa edolobheni lesiphephelo, lapho kwakudingeka ahlale khona ukuphila kwakhe konke noma kuze kufe umpristi ophakeme.—Num 35:6, 11-15, 22-29; Jos 20:2-8.

**iDolobha LikaDavide.** Yigama elanikezwa idolobha lamaJebusi ngemva kokuba uDavide elinqobile wakha nesigodlo sakhe khona. Libizwa nangokuthi iZiyoni. Liyingxenye eseningizimu-mpumalanga yeJerusalema futhi yilona elidala kunawo wonke.—2Sa 5:7; 1Kr 11:4, 5.

**iDrakma.** EmiBhalweni YamaKristu YesiGreki, leli gama libhekisela ohlamvwini lwesiliva lwamaGreki, ngaleso sikhathi olwalunesisindo esingu-3,4 g. EmiBhalweni YesiHebheru, kukhulunywa ngedrakma legolide langenkathi yasePheresiya elifaniswa nedarike. (Neh 7:70; Mat 17:24)—Bheka iSithasiselo B14.

**iDuku lokushuqula.** Indwangu eshuqulwa ekhanda noma egqokwa njengeduku. Umpristi ophakeme wayefaka iduku lokushuqula lelineni elisezingeni eliphezulu, eliboshelwe ucwecwe lwegolide ngaphambili ngentambo eluhlaza okwesibhakabhaka. Inkosi yayifaka iduku lokushuqula ngaphansi komqhele wayo. UJobe wasebenzisa le nkulumo ngendlela engokomfanekiso lapho efanisa ubulungisa bakhe neduku lokushuqula.—Eks 28:36, 37; Hez 21:26.

## E

**u-Edomi.** Elinye igama lika-Esawu, indodana ka-Isaka. Inzalo ka-Esawu (u-Edomi) yathatha indawo yaseSeyiri, isifunda esinezintaba esiphakathi koLwandle Olufile neTheku Lase-Aqaba. Yaziwa ngokuthi kukwa-Edomi. (Gen 25:30; 36:8)—Bheka iSithasiselo B3 no-B4.

**i-Efa.** Yisikali sezinto ezomile esiphinde sibe sabhasikidi, sasisetshenziselwa ukukala ukudla okusanhlamvu. Sasilingana nesikali sebhathi soketshezi, ngakho sasingu-22 L. (Eks 16:36; Hez 45:10)—Bheka iSithasiselo B14.

**i-Efodi.** Ingubo enjengephinifa eyayigqokwa abapristi. Umpristi ophakeme wayegqoka i-efodi elikhethekile, ngaphambili lalinesiqephu sesifuba esinamatshe ayigugu angu-12. (Eks 28:4, 6)—Bheka iSithasiselo B5.

**u-Efrayimi.** Yigama lendodana yesibili ka-Josefa; kamuva lasebenza kwezinye zezizwe zakwa-Israyeli. Ngemva kokuhlukaniswa kuka-Israyeli, u-Efrayimi, njengesizwe esivelele kakhulu, wamelela wonke umbuso wezizwe eziyishumi.—Gen 41:52; Jer 7:15.

**Eluli.** Ngemva kokudingiselwa eBhabhiloni, iyigama lenyanga ka-6 ekhalendeni elingcwele lamaJuda, iyinyanga ka-12 ekhalendeni elivamile. Yayiqala phakathi no-Agasti iphele phakathi noSepthemba. (Neh 6:15) —Bheka iSithasiselo B15.

**Ethanimi.** Yigama lenyanga yesikhombisa ekhalendeni elingcwele lamaJuda, elenyanga yokuqala ekhalendeni elivamile. Yayiqala phakathi noSepthemba iphele phakathi no-Okthoba. Ngemva kokubuya kwamaJuda eBhabhiloni, yabizwa ngokuthi inyanga kaTishri. (1Kh 8:2)—Bheka iSithasiselo B15.

**i-Ewufrathe.** Umfula omude kunayo yonke nobaluleke kakhulu eningizimu-ntshonalanga ye-Asiya, futhi ungomunye wemifula emikhulu eMesophothamiya. Kukhulunywa ngawo okokuqala kuGenesise 2:14 njengomunye wemifula emine yase-Edene. Uvame ukubizwa ngokuthi “uMfula.” (Gen 31:21) Wawuwumngcele wasenyakatho wendawo eyayinikwe u-Israyeli. (Gen 15:18; IsA 16:12) —Bheka iSithasiselo B2.

## F

**ubuFakazi.** Elithi 'ubuFakazi' ngokuvamile libhekisela eMiyalweni Eyishumi eyayibhalwe ematsheni amabili ayizicaba ayenikwe uMose.—Eks 31:18.

**abaFarisi.** Iqembu lenkolo yobuJuda elalivelele ngekhulu lokuqala C.E. Babengeyona inzalo yabapristi, kodwa babewugcina ngokucophelela uMthetho ngisho nasezintweni ezincane, futhi bathatha nezimfundiso zamasiko adluliselwa ngomlomo bazibeka ezingeni elifana neloMthetho. (Mat 23:23) Babephikisa noma yiliphi ithonya lamasiko amaGreki, njengezazi zoMthetho namasiko babenegunya elikhulu phezu kwabantu. (Mat 23:2-6) Abanye babengamalungu eSanhedrini. Babevame ukuphikisa uJesu mayelana nokugcinwa kweSabatha, amasiko kanye nokuzihlanganisa nezoni nabaqoqi bentela. Abanye baba amaKristu, okuhlanganisa noSawulu waseTarsu.—Mat 9:11; 12:14; Mar 7:5; Luk 6:2; IzE 26:5.

**uFaro.** Isiqu okubizwa ngaso amakhosi aseGibhithe. Bahlanu ofaro ababizwa ngamagama eBhayibhelini (uShishaki, uSo, uThirahaka, uNekho noHofira), kodwa abanye awashiwongo amagama abo, okuhlanganisa nalabo abasebenzelana eduze no-Abrahama, uMose noJosefa.—Eks 15:4; Rom 9:17.

**iFathomu.** Uthi lokukala ukujula kwamanzi, lulingana no-1,8 m. (IzE 27:28)—Bheka iSithasiselo B14.

**isiFebe.** Umuntu oya ocansini engashadile noma nomuntu angashadile naye, ikakhulukazi ukuze athole imali. (Igama lesiGreki elisho "isifebe," lithi *por′ne*, lisuselwa egameni elisho "ukuthengisa.") Leli gama ngokuvamile libhekisela kumuntu wesifazane, nakuba eBhayibhelini kukhulunywa nangezifebe zesilisa. Ubufebe babungavunyelwe eMthethweni KaMose, futhi iholo lesifebe lalingamukeleki njengomnikelo endlini engcwele kaJehova, ngokungafani nomkhuba wamaqaba wokusebenzisa izifebe zasethempelini njengendlela yokungenisa imali. (Dut 23:17, 18; 1Kh 14:24) IBhayibheli libuye lisebenzise leli gama ngomqondo ongokomfanekiso, ukubhekisela kubantu, izizwe noma izinhlangano ezihileleke ohlotsheni oluthile lokukhonza izithixo kuyilapho zithi zikhulekela uNkulunkulu. Ngokwesibonelo, inhlangano yenkolo ebizwa ngokuthi "iBhabhiloni Elikhulu" ichazwa encwadini yesAmbulo ngokuthi isifebe, ngoba yakhe ubudlelwano nababusi balo mhlaba ukuze ithole igunya nengcebo.—IsA 17:1-5; 18:3; 1Kr 5:25.

**ubuFebe.**—Bheka UKUZIPHATHA KABI NGOKOCANSI.

**iFilistiya; amaFilisti.** Izwe elisogwini oluseningizimu yakwa-Israyeli elabizwa ngokuthi yiFilistiya. Abantu bokufika ababevela eKrethe abafike bahlala lapho babebizwa ngokuthi amaFilisti. UDavide wawanqoba amaFilisti kodwa aqhubeka ezibusa futhi eyizitha zika-Israyeli. (Eks 13:17; 1Sa 17:4; Amo 9:7)—Bheka iSithasiselo B4.

**isiFo esiwumshayabhuqe.** Yinoma yisiphi isifo esithelelwanayo esisakazeka ngokushesha, futhi esibulalayo. Sivame ukuhlotshaniswa nesahlulelo sikaNkulunkulu.—Num 14:12; Hez 38:22, 23; Amo 4:10.

**ukuFunga.** Ukusho amazwi aqinisekisa ukuthi into iyiqiniso, noma yisithembiso esiqinisekisa ukuthi umuntu uzoyenza into ethile noma ukuthi ngeke ayenze. Ngokuvamile, amazwi ayisifungo esenziwa kumuntu ophakeme ikakhulukazi kuNkulunkulu. UJehova waqinisekisa isivumelwano sakhe no-Abrahama ngokwenza isifungo.—Gen 14:22; Heb 6:16, 17.

**isiFungo.** Isithembiso esiqotho esenziwa kuNkulunkulu sokwenza okuthile, sokunikela okuthile noma isipho, sokungenela inkonzo ethile noma ukuyeka ukwenza izinto ezithile ezinganqatshelwe umthetho.—Num 6:2; Shu 5:4; Mat 5:33.

## G

**iGceke.** Indawo evulekile ebiyelwe ezungeze itabernakele, kamuva yaba enye yezindawo ezibiyelwe ezivulekile ezizungeze isakhiwo esiyinhloko sethempeli. I-altare lomnikelo oshiswayo lalisegcekeni letabernakele nasegcekeni elingaphakathi lethempeli. (Bheka iSithasiselo B5, B8, B11.) IBhayibheli liphinde likhulume ngamagceke ezindlu nawezigodlo.—Eks 8:13; 27:9; 1Kh 7:12; Est 4:11; Mat 26:3.

**Gcoba.** Yigama lesiHebheru elisho "ukugcoba ngoketshezi." Amafutha ayegcotshwa kumuntu noma entweni ukuze kubonakaliswe ukuzinikela enkonzweni ekhethekile. EmiBhalweni YamaKristu YesiGreki, leli gama lisetshenziswa nasekuthululweni komoya ongcwele kulabo abakhethiwe abanethemba lasezulwini.—Eks 28:41; 1Sa 16:13; 2Ko 1:21.

**iGehena.** Yigama lesiGreki elisho iSigodi SikaHinomu esasiseningizimu naseningizimuntshonalanga eJerusalema lasendulo. (Jer 7:31) Kwaprofethwa ngalo njengendawo okuyolahlwa kuyo izidumbu. (Jer 7:32; 19:6) Abukho ubufakazi bokuthi izilwane noma abantu babephonswa eGehena ukuze bashiswe bephila noma bahlushwe khona. Ngakho le ndawo ayikwazi ukufanekisela indawo engabonakali lapho kuhlushwa khona imiphefumulo yabantu unomphela emlilweni ongokoqobo. Kunalokho, uJesu nabafundi bakhe basebenzisa elithi iGehena ukuze bafanekise ukujeziswa kwaphakade 'ekufeni kwesibili,' okuwukuthi, ukuqothulwa noma ukubhujiswa kwaphakade.—IsA 20:14; Mat 5:22; 10:28.

**iGera.** Isisindo esilingana no-0,57 g. Lalilingana no-1/20 weshekeli. (Lev 27:25)—Bheka iSithasiselo B14.

**iGileyadi.** Ngomqondo ophelele, yindawo evundile esempumalanga yoMfula iJordani eyayelulekela enyakatho naseningizimu yeSigodi SaseJabhoki. Ngezinye izikhathi lalisetshenziselwa lapho kubhekiselwa kuyo yonke indawo yama-Israyeli esempumalanga yeJordani lapho kwakuhlala khona izizwe zakwaRubeni, zakwaGadi, nohhafu wesizwe sakwaManase. (Num 32:1; Jos 12:2; 2Kh 10:33)—Bheka iSithasiselo B4.

**iGititi.** Yigama lasemculweni okungaqinisekwa ngencazelo yalo, nakuba kubonakala sengathi lisuselwa egameni lesiHebheru elithi *gath.* Abanye bakholelwa ukuthi kungenzeka liyihubo elihlotshaniswa nezingoma ezihlobene nokwenza iwayini, njengoba elithi *gath* libhekisela esikhamweni sewayini.—Hu 81:0.

**isiGreki.** Ulimi olukhulunywa abantu baseGrisi.

**umGreki.** Umuntu ozalwe eGrisi noma umuntu onomndeni odabuka khona. EmiBhalweni YamaKristu YesiGreki, leli gama liphinde libe nomqondo obanzi, libhekisela kubo bonke abantu abangewona amaJuda noma kulabo abathonywa ulimi nesiko lamaGreki.—Jow 3:6; Joh 12:20.

**isiGubhu sewayini.** Isigubhu esenziwe ngesikhumba sesilwane, njengembuzi noma imvu futhi sasisetshenziselwa ukuphatha iwayini. Iwayini lalifakwa ezigujini zewayini ezintsha ngoba lapho libila, likhipha umoya oyisikhutha (*carbon dioxide*) ofutha isigubhu sesikhumba. Izikhumba ezintsha ziyanwebeka; ezindala eseziqinile ziyaqhuma lapho zifutheka.—Jos 9:4; Mat 9:17.

**isiGxobo.** Ugodo olume lwaqonda okwakubethelwa kulo isisulu. Kwezinye izizwe lwalusetshenziselwa ukubulala umuntu kanye/noma ukulengisa isidumbu ukuze kuxwayiswe abanye noma ukuze olengisiwe ahlazeke emphakathini. Abase-Asiriya, ababaziwa ngezimpi zabo ezinonya, babelengisa imizimba yezithunjwa phezu kwezigxobo ezicijile, babegwaza isisulu ngesigxobo, basifake esiswini size siphelele esifubeni. Nokho, ngokomthetho wamaJuda, labo ababenecala lokwenza izono ezimbi kakhulu njengokuhlambalaza noma ukukhonza izithixo, babeqale babulawe ngokushaywa ngamatshe noma ngenye indlela, ngemva kwalokho izidumbu zabo zilengiswe esigxotsheni noma esihlahleni ukuze kuxwayiswe abanye. (Dut 21:22, 23; 2Sa 21:6, 9) Ngezinye izikhathi amaRoma ayemane abophele isisulu esigxotsheni futhi sasingase silenge kuso izinsukwana sisaphila ngaphambi kokuba sibulawe izinhlungu, ukoma, indlala nokushiswa yilanga. Kwezinye izimo, njengalapho kubulawa uJesu, babebethela izandla nezinyawo zommangalelwa ngezipikili esigxotsheni. (Luk 24:20; Joh 19:14-16; 20:25; IzE 2:23, 36)—Bheka elithi ISIGXOBO SOKUHLUSHWA.

**isiGxobo esingcwele.** Igama lesiHebheru (*'ashe·rah'*) libhekisela (1) esigxotsheni esingcwele esimelela u-Ashera, unkulunkulukazi wenzalo waseKhanani, noma (2) umfanekiso kankulunkulukazi u-Ashera uqobo. Kubonakala sengathi lezi zigxobo zazima ziqonde futhi ngokwengxenye zazenziwe ngokhuni. Kungenzeka kwakuyizigxobo ezingabaziwe noma ngisho nezihlahla.—Dut 16:21; Hlu 6:26; 1Kh 15:13.

**isiGxobo sokuhlushwa.** Yigama elihunyushwe kwelesiGreki elithi *stau·ros',* elisho isigxobo noma ugodo olumile, njengalolo okwabulawelwa kulo uJesu. Akukho bufakazi bokuthi leli gama lesiGreki lalisho isiphambano, njengaleso esasisetshenziswa yizizwe ezazikhonza abanye onkulunkulu njengophawu lwenkolo emakhulwini amaningi eminyaka ngaphambi kukaKristu. Elithi "isigxobo *sokuhlushwa*" lidlulisela incazelo egcwele yegama lokuqala, njengoba igama elithi *stau·ros'* lisetshenziselwa nokubonisa ukuhlushwa, ukuhlupheka nesihlamba abalandeli bakaJesu ababeyobhekana na-

kho. (Mat 16:24; Heb 12:2)—Bheka elithi ISIGXOBO.

## H

**iHalananda.** Isithelo esimise okwe-apula, esinento esambali noma esamqhele esihlokweni saso. Siqinile ngaphandle, ngaphakathi sinezikhala ezincane ezigcwele uketshezi olumnandi, ngasinye sinezinhlamvu ezincane ezibomvana. Imihlobiso emise okwamahalananda kwakuhlotshiswe ngayo umphetho wejazi elingenamikhono eliluhlaza lompristi ophakeme kanye nezihloko zezinsika ezaziphambi kwethempeli, ezazibizwa ngokuthi uJakini noBhowazi.—Eks 28:34; Num 13:23; 1Kh 7:18.

**iHayidesi.** Yigama lesiGreki elihambisana negama lesiHebheru elithi "Shiyoli." Lihunyushwe ngokuthi "iThuna" (elibhalwe ngosonhlamvukazi), ukuze lihlukaniswe njengoba lona liyithuna elivamile lesintu.—Bheka ITHUNA.

**umHebheru.** Leli gama laqala ukusebenza ku-Abrama (ku-Abrahama), lalimhlukanisa komakhelwane bakhe abangama-Amori. Ngemva kwalokho lasetshenziselwa ukubhekisela enzalweni ka-Abrahama ayithola ngomzukulu wakhe uJakobe.—Gen 14:13; Eks 5:3.

**isiHebheru.** Ulimi lwamaHebheru. Ngesikhathi sikaJesu, ulimi lwesiHebheru lwase lunezinkulumo eziningi zesi-Aramu futhi lwalukhulunywa uKristu nabafundi bakhe.—IzE 26:14.

**uHermesi.** Unkulunkulu wamaGreki, indodana kaZeyusi. EListra, uPawulu wabizwa ngephutha ngokuthi uHermesi ngokuqondene nendima yalowo nkulunkulu yokuba isithunywa sonkulunkulu nonkulunkulu wenkulumo enobuciko.—IzE 14:12.

**uHerode, amalungu eqembu lakhe.** Baziwa nangokuthi abalandeli bakaHerode. Babeyiqembu lezizwe ezazisekela izinhloso zoHerode ekubuseni kwabo ngaphansi kwamaRoma. Cishe abanye kubaSadusi babekuleli qembu. Abalandeli bakaHerode bazihlanganisa nabaFarisi ukuze bamelane noJesu.—Mar 3:6.

**uHerode.** Yigama lomndeni wamakhosi ayebusa amaJuda ayebekwe eRoma. UHerode Omkhulu waduma ngokwakha kabusha ithempeli eJerusalema nangokugunyaza ukubulawa kwezingane ukuze abulale uJesu. (Mat 2:16; Luk 1:5) UHerode Arkelawu noHerode Antipase, amadodana kaHerode Omkhulu, abekwa ukuba engamele izindawo ezisembusweni kayise. (Mat 2:22) U-Antipase wayengumbusi wesifunda, wayevame ukubizwa ngokuthi "nkosi," wabusa phakathi nenkonzo kaKristu iminyaka emithathu nohhafu nangenkathi ehamba ize ifike kuyizEnzo 12. (Mar 6:14-17; Luk 3:1, 19, 20; 13:31, 32; 23:6-15; IzE 4:27; 13:1) Ngemva kwalokho, uHerode Agripha I, umzukulu kaHerode Omkhulu, wabulawa yingelosi kaNkulunkulu ngemva kokubusa isikhashana. (IzE 12:1-6, 18-23) Indodana yakhe, uHerode Agripha II, yaba inkosi yabusa kwaze kwafika isikhathi amaJuda avukela ngaso iRoma.—IzE 23:35; 25:13, 22-27; 26:1, 2, 19-32.

**iHigayoni.** Yigama elisetshenziswa lapho kuqondiswa umculo. Njengoba lisetshenzisiwe kumaHubo 9:16, leli gama lingase lichaze ikhefu elihleliwe elihlanganisa ukuculela phansi noma ikhefu elihlelwe ngenjongo yokuzindla.

**iHini.** Yisikali sento ewuketshezi nesitsha sento yokukala. Lilingana no-3,67 L. (Eks 29:40)—Bheka iSithasiselo B14.

**iHisopi.** Isitshalo esinamagatsha amahle namaqabunga, sasisetshenziselwa ukufafaza igazi noma amanzi emikhosini yokuhlanza. Kungenzeka kwakuyi-marjoram (i-*Origanum maru;* i-*Origanum syriacum*). Ngokwendlela elisetshenziswe ngayo kuJohane 19:29, kungenzeka kwakuyi-marjoram efakwe egatsheni noma kuyi-durra, izinhlobonhlobo zamabele avamile (*Amabele* i-*vulgare*), njengoba lesi sitshalo kungenzeka sasinenduku ende ngokwanele ukuba ithwale isiponji esinewayini elimuncu isiyise emlonyeni kaJesu.—Eks 12:22; Hu 51:7.

**isiHlahla sokuphila.** Isihlahla esasisensimini yase-Edene. IBhayibheli alisho ukuthi izithelo zaso zazinika ukuphila; kunalokho, sasimelela isiqinisekiso sikaNkulunkulu sokuthi bazophila phakade labo ayeyobavumela ukuba badle izithelo zaso.—Gen 2:9; 3:22.

**isiHlahla sokwazi okuhle nokubi.** Isihlahla esasisensimini yase-Edene uNkulunkulu asisebenzisa njengophawu lwelungelo lakhe lokubekela abantu imithetho mayelana nokuthi yikuphi 'okuhle' nokuthi yikuphi 'okubi.'—Gen 2:9, 17.

**uHlaka lokweluka.** Uhlaka olwalusetshenziselwa ukuphotha izintambo noma noma ukwenza indwangu.—Eks 39:27.

**isiHlalo sokwahlulela.** Kwakuvame ukuthi kube yindawo ephakeme engaphandle, okuyiwa kuyo ngezitebhisi, izikhulu zazihlala kuyo lapho zikhuluma nezixuku, zikhiphe nezinqumo zazo. Inkulumo ethi 'isihlalo sokwahlulela sikaNkulunkulu' nethi 'isihlalo sokwahlulela sikaKristu' zifanekisela ilungiselelo likaJehova lokwahlulela isintu.—Rom 14:10; 2Ko 5:10; Joh 19:13.

**umHlanga.** Igama elibhekisela ezitshalweni eziningana ezivame ukumila ezindaweni ezimanzi. Isitshalo okusuke kubhekiselwe kuso ezimweni eziningi yi-*Arundo donax.* (Job 8:11; Isay 42:3; Mat 27:29; IsA 11:1)—Bheka elithi UMHLANGA WOKUKALA.

**ukuHlanzeka.** EBhayibhelini, leli gama alibhekiseli nje kuphela ekuhlanzekeni emzimbeni, kodwa libhekisela nasekulondolozeni noma ekubuyiseleni into esimweni esingenasici, esimsulwa, nesingenalutho olungcolisayo, noma esonakalisayo ngokokuziphatha noma ngokomoya. Ngaphansi koMthetho KaMose, leli gama libhekisela ekuhlanzekeni ngokwesiko.—Lev 10:10; Hu 51:7; Mat 8:2; 1Ko 6:11.

**umHlatshelo.** Umnikelo olethwa kuNkulunkulu njengendlela yokubonisa ukubonga, ukuvuma isono noma ukubuyisela ubuhlobo obuhle naye. Kusukela ku-Abela, abantu bebelokhu benikela imihlatshelo ehlukahlukene ngokuzithandela, kuhlanganise neyezilwane, kwaze kwaba yilapho isivumelwano soMthetho KaMose sikwenza kube yimfuneko. Imihlatshelo yezilwane ayibange isadingeka ngemva kokuba uJesu enikele ngokuphila kwakhe kwaba umhlatshelo ophelele, nakuba amaKristu eqhubeka nokunikela imihlatshelo engokomoya kuNkulunkulu.—Gen 4:4; Heb 13:15, 16; 1Jo 4:10.

**ukuHlawulela.**—Bheka elithi ISIHLAWULELO.

**isiHlawulelo.** EmiBhalweni YesiHebheru, leli gama lihlobene nemihlatshelo eyayenziwa ukuze abantu bakwazi ukuya kuNkulunkulu bamkhonze. Ngaphansi koMthetho KaMose, kwakwenziwa imihlatshelo, ikakhulukazi ngoSuku Lokuhlawulelwa lwaminyaka yonke, ukuze kubuyiswane noNkulunkulu naphezu kwezono zabantu nezesizwe sonke. Leyo mihlatshelo yayimelela umhlatshelo kaJesu, owazihlawulela ngokuphelele izono zesintu kwaba kanye kuphela, wanikeza abantu ithuba lokubuyisana noJehova.—Lev 5:10; 23:28; Kol 1:20; Heb 9:12.

**iHlelo.** Iqembu labantu abanamathele emfundisweni ethile noma kumholi futhi abalandela izinkolelo zabo siqu. Leli gama lisetshenziselwa ukubhekisela emaqenjini amabili avelele obuJuda, elabaFarisi nelabaSadusi. Ababengewona amaKristu nabo babebiza amaKristu ngokuthi "ihlelo" noma 'iqembu lenkolo lamaNazaretha,' cishe bewabheka njengahlubuka enkolweni yobuJuda. Ngokuhamba kwesikhathi kwaba namahlelo nasebandleni lobuKristu; 'iqembu lenkolo likaNikolawu' kukhulunywa ngalo ngokuqondile encwadini yesAmbulo.—IzE 5:17; 15:5; 24:5; 28:22; IsA 2:6; 2Pe 2:1.

**isiHlengo.** Inani elikhokhwa ukuze kukhululwe umuntu ekuthunjweni, ekujezisweni, ekuhluphekeni, esonweni noma ngisho nasesibophweni. Leli nani kwakungabi yimali ngaso sonke isikhathi. (Isay 43:3) Isihlengo sasidingeka ezimweni ezihlukahlukene. Ngokwesibonelo, amazibulo esilisa nawezilwane zeduna kwa-Israyeli ayengakaJehova, futhi kwakudingeka kukhokhwe isihlengo noma imali yokuwakhulula ukuze akhululwe ekusetshenzisweni enkonzweni kaJehova kuphela. (Num 3:45, 46; 18:15, 16) Uma inkunzi eyingozi eyayingagadiwe ibulala umuntu, umnikazi kwakumele akhokhe isihlengo ukuze akhululwe esigwebweni sokufa esasibekiwe. (Eks 21:29, 30) Nokho, akukho sihlengo esasamukelwa ngomuntu obulale ngenhloso. (Num 35:31) Okubaluleke kakhulu, iBhayibheli liqokomisa isihlengo esakhokhwa uKristu ngokufa kwakhe okuwumhlatshelo ukuze akhulule isintu esilalelayo esonweni nasekufeni.—Hu 49:7, 8; Mat 20:28; Efe 1:7.

**isiHloko.** Yingxenye engaphezulu ehlotshisiwe yensika. Izihloko ezinkulu zaziphezu kwezinsika ezifanayo uJakini noBhowazi, ezazimi phambi kwethempeli likaSolomoni. (1Kh 7:16)—Bheka iSithasiselo B8.

**umHlonyane.** Izinhlobo ezihlukahlukene zezihlahla ezibaba kakhulu nezinephunga elimnandi. EBhayibhelini umhlonyane usetshenziswa ngokomfanekiso ukuchaza imiphumela ebuhlungu yokuziphatha okubi, ubugqila, ukungabi nabulungisa nokuhlubuka. KusAmbulo 8:11, "umhlonyane" usho into ebabayo futhi enobuthi, ebizwa nangokuthi i-*absinthe.*—Dut 29:18; IzA 5:4; Jer 9:15; Amo 5:7.

**ukuHlubuka.** Leli gama lesiGreki (*a·po·sta·siʹa*) livela esenzweni ngokwezwi nezwi esisho "ukuma uqhele." Ibizo linomqondo "wokushiya, ukulahla noma ukuvukela." Emi-

Bhalweni YamaKristu YesiGreki, elithi "ukuhlubuka" lisetshenziswe ngokuyinhloko kulabo abashiya ukukhulekela kweqiniso.—IzA 11:9; IzE 21:21; 2Th 2:3.

**abaHluleli.** Amadoda ayemiswe uJehova ukuze asindise abantu bakhe ngaphambi kokuba kube khona amakhosi angabantu kwa-Israyeli.—Hlu 2:16.

**iHomere.** Yisikali sezinto ezomile esilingana nekhora. Ngokwesilinganiso somthamo wesikali sebhathi, lalilingana no-220 L. (Lev 27:16)—Bheka iSithasiselo B14.

**iHorebe; INtaba iHorebe.** Yisifunda esinezintaba esizungeze iNtaba iSinayi. Yigama okubuye kubizwe ngalo iNtaba iSinayi. (Eks 3:1; Dut 5:2)—Bheka iSithasiselo B3.

**umHosha.** Isigodi noma umfudlana ovame ukoma, ngaphandle uma kuyinkathi yezimvula. Eminye imifudlana yayisuka eziphethwini ngakho yayingashi. Kwezinye izindawo umhosha kuthiwa "isigodi."—Gen 26:19; Num 34:5; Dut 8:7; 1Kh 18:5; Job 6:15.

**iHubo.** Ingoma yokudumisa uNkulunkulu. AmaHubo ayehambisana nezinsimbi zomculo futhi eculwa abakhulekeli, kuhlanganise nokukhulekela kwasobala kukaJehova uNkulunkulu ethempelini lakhe eJerusalema.—Luk 20:42; IzE 13:33; Jak 5:13.

## I

**i-Iliriku.** Yisifundazwe samaRoma esisenyakatho-ntshonalanga yeGrisi. UPawulu wahamba waze wafika khona enkonzweni yakhe, kodwa akushiwo ukuthi washumayela yini e-Iliriku. (Rom 15:19)—Bheka iSithasiselo B13.

**u-Israyeli.** Yigama uNkulunkulu alinika uJakobe. Labe selibhekisela kuyo yonke inzalo yakhe, nganoma yisiphi isikhathi. Inzalo yamadodana kaJakobe angu-12 yayivame ukubizwa ngokuthi amadodana ka-Israyeli, indlu ka-Israyeli, isizwe (abantu) sakwa-Israyeli, noma ama-Israyeli. Elithi Israyeli libuye lisetshenziswe njengegama lezizwe eziyishumi zombuso osenyakatho ezasuka embusweni waseningizimu, kamuva laba yigama lamaKristu agcotshiwe, "u-Israyeli kaNkulunkulu."—Gal 6:16; Gen 32:28; 2Sa 7:23; Rom 9:6.

## J

**uJakobe.** Yindodana ka-Isaka noRebheka. Kamuva uNkulunkulu wamqamba ngokuthi u-Israyeli, waba inzalamizi yabantu bakwa-Israyeli (babuye babizwe ngama-Israyeli, kamuva amaJuda). Wayengubaba wamadodana angu-12 akha izizwe ezingu-12 esizweni sakwa-Israyeli kanye nenzalo yawo. Igama elithi Jakobe laqhubeka lisetshenziselwa isizwe noma abantu bakwa-Israyeli.—Gen 32:28; Mat 22:32.

**Jeduthuni.** Leli yigama okungaqinisekwa ngencazelo yalo elivela emibhalweni engenhla yamaHubo 39, 62, no-77. Le mibhalo engenhla ibonakala iyiziyalezo zokudlalwa kwamahubo, mhlawumbe yembula uhlobo lomculo noma insimbi yomculo. Kwakunomculi ongumLevi, igama lakhe kwakunguJeduthuni, ngakho kungenzeka lolu hlobo lomdlalo noma insimbi yomculo kwakuhlotshaniswa naye noma namadodana akhe.

**uJehova.** Yindlela evamile okuhunyushwa ngayo iTetragrammaton (izinhlamvu ezine zesiHebheru zegama likaNkulunkulu), elivela izikhathi ezingaphezu kuka-7 000 kuleli Bhayibheli.—Bheka iSithasiselo A4 no-A5.

**iJoka.** Ugodo olubekwa emahlombe omuntu okulenga kulo imithwalo ngapha nangapha noma ugodo olubekwa ezintanyeni zezilwane ezimbili eziboshelwe (ngokuvamile izinkomo) lapho zidonsa igeja lokulima noma inqola. Ngenxa yokuthi izigqila zazivame ukusebenzisa amajoka ukuze zithwale umthwalo osindayo, ijoka lalisetshenziselwa ukufanekisa ubugqila noma ukuba ngaphansi kwegunya lomunye umuntu kanye nokucindezelwa nokuhlupheka. Ukususa noma ukuphula ijoka kwakufanekisela ukukhululwa ekuboshweni, ekucindezelweni nasekuxhashazweni.—Lev 26:13; Mat 11:29, 30.

**iJubili.** Njalo ngonyaka ka-50, uma kubalwa kusukela ekungeneni kuka-Israyeli eZweni Lesithembiso. Izwe kwakungafanele lilinywe phakathi nonyaka weJubili, nezigqila ezingamaHebheru kwakumele zikhululwe. Amazwe angamafa ayedayisiwe ayebuyiselwa. Ngomqondo othile, iJubili laliwumkhosi wonyaka wonke, unyaka wenkululeko owabuyisela isizwe esimweni esasikuso ngesikhathi uNkulunkulu esimisa okokuqala.—Lev 25:10.

**umJuda.** Yigama elasetshenziswa kumuntu wesizwe sakwaJuda ngemva kokuwa kombuso wezizwe eziyishumi wakwa-Israyeli. (2Kh 16:6) Ngemva kokudingiselwa eBhabhiloni, lasetshenziswa kuma-Israyeli avela ezizweni ezihlukahlukene abuyela kwa-Israyeli. (Ezr 4:12) Kamuva, lasetshenziswa emhlabeni wonke ukuze kuhlukaniswe

ama-Israyeli kubantu bezinye iZizwe. (Est 3:6) Leli gama libuye lisetshenziswe uPawulu ngokomfanekiso lapho ethi ubuzwe abubaluleke ngalutho ebandleni lobuKristu. —Rom 2:28, 29; Gal 3:28.

**uJuda.** Yindodana yesine kaJakobe ayizalelwa umkakhe uLeya. Esiprofethweni sakhe asisho esezokufa, uJakobe wabikezela ukuthi umbusi omkhulu noyohlala phakade wayeyovela ohlwini lomndeni kaJuda. UJesu, ngesikhathi ephila njengomuntu, wavela kuJuda. Igama elithi Juda libhekisela nasesizweni, kamuva libhekisele embusweni owaqanjwa ngoJuda. Njengoba achazwa njengombuso oseningizimu, uJuda wayakhiwa yizizwe zama-Israyeli akwaJuda nakwaBhenjamini, kuhlanganise nabapristi namaLevi. UJuda wayehlala engxenyeni yezwe eseningizimu eyayihlanganisa iJerusalema nethempeli.—Gen 29:35; 49:10; 1Kh 4:20; Heb 7:14.

## K

**iKasiya.** Ivela egxolweni lesihlahla sekasiya (*Cinnamomum cassia*), sohlobo olufanayo nesihlahla sesinamoni. Ikasiya yayisetshenziswa njengesiqholo nanjengesithako samafutha angcwele okugcoba umuntu.—Eks 30:24; Hu 45:8; Hez 27:19.

**uKemoshi.** Unkulunkulu oyinhloko wabakwaMowabi.—1Kh 11:33.

**iKhabhu.** Isikali sezinto ezomile esingu-1,22 L esisekelwe esilinganisweni somthamo webhathi. (2Kh 6:25)—Bheka iSithasiselo B14.

**iKhalideya; amaKhaledi.** Ekuqaleni kwakuyizwe nabantu ababehlala ngasemifuleni iTigris ne-Ewufrathe; ngokuhamba kwesikhathi la magama asetshenziselwa ukubhekisela kulo lonke elaseBhabhiloni nabantu bakhona. Elithi "amaKhaledi" lalibhekisela nasesigabeni sabantu abafundile abafunda isayensi, umlando, izilimi, nesayensi yezinkanyezi kodwa ababenza imilingo bebhula nangezinkanyezi.—Ezr 5:12; Dan 4:7; IzE 7:4.

**isiKhamo sewayini.** Ngokuvamile kuba yimigodi emibili eqoshwe etsheni, omunye uphakeme kunomunye bese ihlanganiswa yimbobo encane. Njengoba amagilebhisi enyathelwa emgodini ongenhla, uketshezi lwalugelezela emgodini ongezansi. Leli gama lisetshenziselwa ukufanekisa isahlulelo sikaNkulunkulu.—Isay 5:2; IsA 19:15.

**uKhanani.** Umzukulu kaNowa futhi uyindodana yesine kaHamu. Izizwe ezingu-11 ezavela kuKhanani zagcina zihlala endaweni engasempumalanga yeMedithera phakathi kweGibhithe neSiriya. Leyo ndawo yabizwa ngokuthi 'izwe laseKhanani.' (Lev 18:3; Gen 9:18; IzE 13:19)—Bheka iSithasiselo B4.

**amaKherubi.** Izingelosi zesigaba esiphakeme ezinemisebenzi ekhethekile. Zihlukile kumaserafi.—Gen 3:24; Eks 25:20; Isay 37:16; Heb 9:5.

**uKhesari.** Igama lomndeni wamaRoma elaba isiqu sababusi abangamaRoma. U-Awugustu, uTiberiyu, noKlawudiyu babizwa ngamagama eBhayibhelini, futhi nakuba uNero engabizwanga ngegama, leli gama liyasebenza nakuye. Elithi "Khesari" liyasetshenziswa nasemiBhalweni YamaKristu YesiGreki ukuze limelele igunya likahumeni noma uMbuso.—Mar 12:17; IzE 25:12.

**iKhethini.** Yisiqephu sendwangu esihle okuthungelwe kuso imifanekiso yamakherubi esasihlukanisa iNgcwele neNgcwelengcwele etabernakele nasethempelini. (Eks 26:31; 2Kr 3:14; Mat 27:51; Heb 9:3)—Bheka iSithasiselo B5.

**Khisilevi.** Yigama lenyanga ka-9 ekhalendeni elingcwele lamaJuda nelenyanga yesithathu ekhalendeni elivamile elavela ngemva kokubuya kwamaJuda eBhabhiloni. Yayiqala phakathi noNovemba iye maphakathi noDisemba. (Neh 1:1; Zak 7:1)—Bheka iSithasiselo B15.

**amaKhoba.** Izimpephelezi ezihlukaniswa nengxenye edliwayo yokusanhlamvu ngesikhathi kubhulwa noma kweliwa. Amakhoba ayasetshenziswa lapho kukhulunywa, efanekisela into engelusizo lwalutho noma engafiseleki.—Hu 1:4; Mat 3:12.

**iKhora.** Isikali sento eyomile noma ewuketshezi. Lalilingana no-220 L, ngokomthamo wesikali sebhathi. (1Kh 5:11)—Bheka iSithasiselo B14.

**iKhorali.** Yinto eqine njengetshe eyakhiwa amathambo ezilwane ezincane zasolwandle. Litholakala olwandle liyimibala ehlukahlukene, ehlanganisa obomvu, omhlophe nomnyama. Amakhorali ayetholakala ngobuningi oLwandle Olubomvu. Ngezikhathi zeBhayibheli, ikhorali elibomvu lalibiza kakhulu futhi kwakwenziwa ngalo imigexo neminye imihlobiso.—IzA 8:11.

**ukuKhothoza.** Ukubutha noma yini esale lapho kuvunwa, eshiywe abavuni ngenhloso noma ngokungenhloso. UMthetho KaMose wayala abantu ukuba bangavuni konke

emaphethelweni amasimu abo futhi bangathathi zonke izithelo zomnqumo noma zamagilebhisi. Abantu abampofu, abahluphekayo, abayizifiki, izintandane nabafelokazi babelithole kuNkulunkulu ilungelo lokukhothoza okwakusele emasimini.—Rut 2:7.

**oKhululekile; okhululiwe.** Phakathi nokubusa kwamaRoma, umuntu "okhululekile" kwakungumuntu ozalwe ekhululekile, enawo wonke amalungelo okuba yisakhamuzi. Ngokuphambene nalokho, umuntu "okhululiwe" kwakungumuntu okhululwe ebugqilini. Ukukhululwa ngokusemthethweni kwakunikeza umuntu okhululiwe ilungelo lokuba yisakhamuzi saseRoma, kodwa wayengenalo ilungelo lokuthola isikhundla embusweni. Ukukhululwa okwenziwa ngasese kwakumkhulula umuntu ebugqilini, kodwa kwakungamniki wonke amalungelo okuba yisakhamuzi.—1Ko 7:22.

**isiKhumba okubhalwa kuso.** Isikhumba semvu, sembuzi noma senkonyane esishukiwe ukuze kubhalwe kuso. Sasihlala isikhathi eside kunephaphirasi futhi sasisetshenziselwa ukwenza imiqulu yeBhayibheli. Imiqulu yesikhumba uPawulu acela ukuba uThimothewu eze nayo cishe yayiyizingxenye zemiBhalo YesiHebheru. Eminye yeMiqulu YasoLwandle Olufile yayibhalwe esikhunjeni.—2Ti 4:13.

**imiKhumbi yaseTharishishi.** Ekuqaleni leli yigama elalibhekisela emikhunjini eyayiya eTharishishi yasendulo (iSpain yanamuhla). Kubonakala sengathi ngokuhamba kwesikhathi, leli gama labe selisho imikhumbi emikhulu ekwazi ukuhamba amabanga amade. USolomoni noJehoshafati basebenzisa le mikhumbi ngenjongo yezohwebo.—1Kh 9:26; 10:22; 22:48.

**isiKhunta.** Yinoma yisiphi isifo ezitshalweni eziningi eziphila ngezinye esibangelwa yisikhunta. Kucatshangwa ukuthi isikhunta okukhulunywa ngaso eBhayibhelini amabala amnyama awukugqwala asesiqwini noma emaqabungeni ezitshalo (*Puccinia graminis*).—1Kh 8:37.

**iKhwezi.** Linencazelo efanayo nelithi "inkanyezi yokusa." Yinkanyezi yokugcina ephuma ekugcineni kwempumalanga ngaphambi kokuphuma kwelanga, ngakho ibonisa ukuthi sekusile, sekuwusuku olusha.—IsA 22:16; 2Pe 1:19.

**umKristu.** Yigama labalandeli bakaJesu Kristu abalinikwa uNkulunkulu.—IzE 11:26; 26:28.

**uKristu.** Yisiqu sikaJesu, sivela egameni lesiGreki elithi *Khri·stos′*, sisho okufanayo negama lesiHebheru elihunyushwe ngokuthi "Mesiya," noma "oGcotshiwe."—Mat 1:16; Joh 1:41.

**uKuba khona.** Ngezinye izikhathi emiBhalweni YamaKristu YesiGreki, le nkulumo isho ukuba khona kukaJesu Kristu njengenkosi kusukela esikhathini sokubekwa kwakhe okungabonakali njengeNkosi enguMesiya kuqhubeke kuze kube sezinsukwini zokugcina zalesi simiso sezinto. Ukuba khona kukaKristu akuyona nje indaba yokufika bese ehamba ngokushesha; kunalokho, kuthatha isikhathi esithile esibekiwe.—Mat 24:3.

## L

**abaLandeli beqembu likaHerode.**—Bheka elithi UHERODE; ABALANDELI BEQEMBU LAKHE.

**kwaLasha.** Livela egameni lesiGreki elithi *a′bys·sos*, elisho ukuthi "okujule ngokwedlulele" noma "okungenakulinganiswa, okungenamkhawulo." EmiBhalweni YamaKristu YesiGreki libhekisela endaweni noma esimweni sokuvaleleka. Lihlanganisa nethuna kodwa lisho okungaphezu kwalo.—Luk 8:31; Rom 10:7; IsA 20:3.

**iLeptoni.** Ngenkathi yemiBhalo YamaKristu YesiGreki, kwakuwuhlamvu lwemali oluncane lwethusi lwamaJuda. Kwezinye izinguqulo zeBhayibheli lihunyushwe ngokuthi "imadlana." (Mar 12:42; Luk 21:2; mbhw.)—Bheka iSithasiselo B14.

**uLevi; umLevi.** Indodana yesithathu kaJakobe ayizalelwa umkakhe uLeya; kuphinde kube isizwe esaqanjwa ngayo. Amadodana akhe amathathu asungula izizwe ezintathu eziyinhloko zamaLevi. Ngezinye izikhathi, igama elithi "amaLevi" libhekisela kuso sonke isizwe, kodwa ngokuvamile aliwuhlanganisi umndeni wobupristi ka-Aroni. Isizwe sikaLevi asisitholanga isabelo sezwe eZweni Lesithembiso, kodwa sanikwa amadolobha angu-48 phakathi kwemingcele yezwe elabelwe ezinye izizwe.—Dut 10:8; 1Kr 6:1; Heb 7:11.

**uLeviyathani.** Isilwane esivame ukuhlotshaniswa namanzi, ngokusobala uhlobo oluthile lwesidalwa sasemanzini. KuJobe 3:8 naku-41:1, kubonakala sengathi kukhulunywa ngengwenya noma ngesinye isidalwa sasemanzini esikhulu nesinamandla. KumaHubo 104:26, kungase kube uhlobo oluthile lomkhomo. Kwezinye izindawo lisetshenziswe

ngokomfanekiso futhi alibhekiseli esilwaneni.—Hu 74:14; Isay 27:1.

**ukuLila.** Indlela yokuveza usizi lapho kushone othile noma kwenzeke enye inhlekelele. Ngezikhathi zeBhayibheli, kwakuyisiko ukulila isikhathi esithile. Ngaphandle kokukhala kakhulu, abalilayo babegqoka izingubo ezikhethekile, bathele umlotha emakhanda abo, badabule izingubo zabo, bazishaye isifuba. Ngezinye izikhathi abaqeqeshelwe ukulila babemenywa emingcwabeni.—Gen 23:2; Est 4:3; IsA 21:4.

**umLindi.** Umuntu oqapha ingozi engase isongele abantu noma isakhiwo, ngokuvamile ebusuku futhi ongase akhiphe isixwayiso lapho kubonakala ingozi. Abalindi babevame ukuma phezulu ezindongeni zedolobha noma emibhoshongweni ukuze basheshe bababone labo abezayo ngaphambi kokuba babe seduze. Umlindi ebuthweni lempi uvame ukubizwa ngokuthi unogada noma umqaphi. Abaprofethi babengabalindi abangokomfanekiso esizweni sakwa-Israyeli, bexwayisa ngembubhiso eyayisongela.—2Kh 9:20; Hez 3:17.

**iLogi.** Yisikali sento ewuketshezi esincane kunazo zonke okukhulunywa ngazo eBhayibhelini. KuyiTalmudi yamaJuda, kuthiwa lilingana no-1/12 wehini, ngakho uma usebenzisa lokho, ilogi lingamumatha u-0,31 L. (Lev 14:10)—Bheka iSithasiselo B14.

**ukuLunga.** EmiBhalweni, yilokho okulungile ngokwezindinganiso zikaNkulunkulu zokulungile nokungalungile.—Gen 15:6; Dut 6:25; IzA 11:4; Zef 2:3; Mat 6:33.

**ukuLungiselela.** Igama losuku olungaphambi kweSabatha, amaJuda ayelungiselela ngalo izinto ezidingekayo. Lolu suku lwaluphela ekushoneni kwelanga kosuku namuhla okuthiwa uLwesihlanu, okuyisikhathi okwakuqala ngaso iSabatha. Usuku lwamaJuda lwaluqala ekushoneni kwelanga luze luphele ekushoneni kwelanga ngosuku olulandelayo.—Mar 15:42; Luk 23:54.

## M

**iMahalati.** Leli gama, ngokusobala elasemculweni, litholakala emibhalweni engenhla yamaHubo 53 no-88. Lingahlotshaniswa nesenzo sesiHebheru esisho “ukuba buthaka; ukugula,” ngaleyo ndlela lisikisela iphimbo elinosizi nelidabukile, okuhambisana nokudabukisa kwalezi ngoma ezimbili.

**iMakedoniya.** Yisifunda esisenyakatho yeGrisi esavelela kakhulu ngesikhathi kubusa u-Alexander Omkhulu, saqhubeka sizimele kwaze kwaba yilapho sinqotshwa amaRoma. IMakedoniya yayiyisifundazwe samaRoma lapho umphostoli uPawulu evakasha eYurophu okokuqala. UPawulu wavakasha izikhathi ezintathu kuleyo ndawo. (IzE 16:9)—Bheka iSithasiselo B13.

**uMalkamu.** Cishe lifana nelithi Moleki, unkulunkulu oyinhloko wama-Amoni. (Zef 1:5)—Bheka UMOLEKI.

**iMana.** Ukudla okuyinhloko okwakudliwa ama-Israyeli phakathi neminyaka engu-40 esehlane. Yayivela kuJehova. Yayivela ngokuyisimangaliso emhlabathini ngaphansi kwamazolo njalo ekuseni ngaphandle kwangosuku lweSabatha. Lapho ama-Israyeli eyibona okokuqala, athi, “Kuyini lokhu?” noma, ngesiHebheru athi, *“man hu’?”* (Eks 16:13-15, 35) Kwezinye izindawo, uma kubhekiselwa kuyo kuthiwa “ukudla kwasezulwini” (Hu 78:24), “isinkwa esivela ezulwini” (Hu 78:24), kuphinde kuthiwe “ukudla kwabanamandla” (Hu 78:25). UJesu naye wakhuluma ngemana ngomqondo ongokomfanekiso.—Joh 6:49, 50.

**iziMangaliso; imisebenzi yamandla.** Izenzo noma izenzakalo ezingaphezu kwawo wonke amandla aziwa abantu nezibhekwa njengezinto ezingaphezu kwamandla avamile. Amagama afana nathi “isibonakaliso,” “ibika,” “isimangaliso,” ngezinye izikhathi asetshenziswa njengamagama anomqondo ofanayo eBhayibhelini.—Eks 4:21; IzE 4:22; Heb 2:4.

**iziMantshi.** Ngaphansi kukahulumeni wase-Bhabhiloni, izimantshi zaziyizikhulu ezifundeni zombuso, zazazi umthetho futhi zinegunya lokwahlulela elilinganiselwe. Kumakoloni amaRoma, izimantshi zaziqondisa embusweni. Imisebenzi yazo yayihlanganisa ukwenza kube nokuhleleka, ukuqondisa izimali, ukwahlulela izeqa-mthetho, nokukhipha isijeziso.—Dan 3:2; IzE 16:20.

**iMaskili.** Yigama lesiHebheru okungaqinisekwa ngencazelo yalo elivela emibhalweni engenhla yamahubo angu-13. Kungenzeka lisho “inkondlo yokuzindla.” Abanye bacabanga ukuthi igama elithi alifane nalo, elihunyushwe ngokuthi ‘ukukhonza ngokuqonda,’ kungenzeka linencazelo ehlobene nalo.—2Kr 30:22; Hu 32:0.

**iMayela.** Yisikali sebanga esivela kanye kuphela emibhalweni yokuqala yemiBhalo YamaKristu YesiGreki kuMathewu 5:41, ku-

ngenzeka sibhekisela emayelini lamaRoma elalilingana no-1 479,5 m. Kwezinye izindawo ezintathu okuvela kuzo elithi "imayela" kuLuka 24:13, kuJohane 6:19, nakuJohane 11:18 kusetshenziswe amastadiyu ashintshwe evela kwawasendulo emibhalo yokuqala.—Bheka iSithasiselo B14.

**izeMbatho zempi.** Izembatho eziyisivikelo ezazigqokwa amasosha, okuyisigqoko sokuzivikela, ijazi lensimbi, ibhande, izivikelo zemilenze nehawu.—1Sa 31:9; Efe 6:13-17.

**uMbuso KaNkulunkulu.** Le nkulumo ngokukhethekile isetshenziswe ebukhosini bukaNkulunkulu obumelelwa uhulumeni oqotho weNdodana yakhe, uKristu Jesu.—Mat 12:28; Luk 4:43; 1Ko 15:50.

**amaMede; iMediya.** Isizwe esavela endodaneni kaJafete uMadayi; sasihlala ezintabeni eziyizinkangala zase-Iran ezaba yizwe lase-Mediya. AmaMede ahlangana neBhabhiloni ukuze anqobe i-Asiriya. Ngaleso sikhathi, iPheresiya laliyisifundazwe esingaphansi kweMediya, kodwa uKoresi wavukela, iMediya lahlanganiswa nePheresiya ukuze kwakhiwe uMbuso WamaMede NamaPheresiya owanqoba uMbuso WaseBhabhiloni Elisha ngo-539 B.C.E. AmaMede ayekhona eJerusalema ngePhentekoste lika-33 C.E. (Dan 5:28, 31; IzE 2:9)—Bheka iSithasiselo B9.

**uMerodaki.** Unkulunkulu oyinhloko wedolobha laseBhabhiloni. Ngemva kokuba inkosi yaseBhabhiloni nomniki-mthetho uHammurabi benze iBhabhiloni laba yinhloko-dolobha, uMerodaki (noma uMarduk) waba unkulunkulu ohlonishwa nakakhulu, wagcina engena ezikhundleni zonkulunkulu abaningi bangaphambili futhi waba unkulunkulu oyinhloko konkulunkulu baseBhabhiloni. Kamuva, igama likaMerodaki (noma uMarduk) lathathelwa indawo yisiqu esithi "Belu" ("Umnikazi"), ngokuvamile uMerodaki kwase kubhekiselwa kuye ngokuthi uBheli.—Jer 50:2.

**uMesiya.** Yigama elisuselwe kwelesiHebheru elisho "ogcotshiwe." Elithi "Kristu" yigama elifanayo elisuselwa esiGrekini.—Dan 9:25; Joh 1:41.

**iMfihlo engcwele.** Ingxenye ethile yenjongo kaNkulunkulu evela kuNkulunkulu, igcinwa iyimfihlo kuze kube yisikhathi sakhe, futhi yambulelwa kuphela labo akhetha ukubambulela yona.—Mar 4:11; Kol 1:26.

**uMhlanga wokukala.** Umhlanga wokukala wawuyizingalo eziyisithupha ubude. Ngokwengalo evamile ungu-2,67 m; ngokwengalo ende ungu-3,11 m. (Hez 40:3, 5; IsA 11:1)—Bheka iSithasiselo B14.

**iMiktamu.** Yigama lesiHebheru elisetshenziswe emibhalweni engenhla kumahubo ayisithupha (Hu 16; 56–60). Yigama okungaqinisekwa ngencazelo yalo, nakuba lingase lihlotshaniswe negama elithi "okuqoshiwe."

**uMilkomu.** Unkulunkulu owayekhonzwa ama-Amoni, cishe uyafana nonkulunkulu okuthiwa uMoleki. (1Kh 11:5, 7) Ngasekupheleni kokubusa kwakhe, uSolomoni wakhela lo nkulunkulu wamanga izindawo eziphakeme.—Bheka UMOLEKI.

**oneMimoya.** Umuntu othi ukwazi ukukhuluma nabantu abafile.—Lev 20:27; Dut 18:10-12; 2Kh 21:6.

**uMina.** Ubizwa ngokuthi imane kuHezekeli. Yisilinganiso sesisindo nesemali. Ngenxa yobufakazi bemivubukulo bokuthi umina wawulingana namashekeli angu-50, nokuthi ishekeli lalinesisindo esingu-11,4 g, umina okukhulunywa ngawo emiBhalweni YesiHebheru wawunesisindo esingu-570 g. Kungenzeka futhi kwakunomina wasebukhosini njengoba kwakunjalo ngengalo (cubit). EmiBhalweni YamaKristu YesiGreki, umina wawulingana namadrakma angu-100. Wawunesisindo esingu-340 g. Omina abangu-60 babelingana nethalenta. (Ezr 2:69; Luk 19:13)—Bheka iSithasiselo B14.

**uMkhosi Wamadokodo.** Ubizwa nangokuthi uMkhosi WamaTabernakele noma uMkhosi Wokubutha. Wawugujwa ngo-Ethanimi 15-21. Kwakungowokubungaza isivuno sasekupheleni konyaka wezolimo kuma-Israyeli, futhi kwakuyisikhathi sokujabula nokubonga ngenxa yesibusiso sikaJehova esivunweni sawo. Phakathi nezinsuku zalo mkhosi, abantu babehlala emadokodweni noma ezindaweni ezinompheme, ukuze bakhumbule ukuFuduka kwabo bephuma eGibhithe. Wawungeminye yemikhosi emithathu okwakudingeka abesilisa baye kuyo eJerusalema ukuze bayowugubha.—Lev 23:34; Ezr 3:4.

**uMkhosi Wesinkwa Esingenamvubelo.** Umkhosi wokuqala kwemithathu emikhulu yaminyaka yonke kwa-Israyeli. Wawuqala ngo-Nisani 15, ngosuku olungemva kwePhasika, uqhubeke izinsuku eziyisikhombisa. Kwakudliwa isinkwa esingenamvubelo kuphela ukuze kukhunjulwe ukuFuduka eGibhithe.—Eks 23:15; Mar 14:1.

**uMkhosi Wesivuno; uMkhosi Wamasonto.** —Bheka IPHENTEKOSTE.

**uMkhosi Wokunikezela.** Usuku olwaluba khona minyaka yonke lokukhumbula ukuhlanzwa kwethempeli ngemva kokungcoliswa kwalo u-Antiochus Epiphanes. Lo mkhosi wawuqala ngoKhisilevi 25 udonse izinsuku ezingu-8.—Joh 10:22.

**uMlamuleli.** Umuntu oba phakathi kwamaqembu amabili ukuze awenze abuyisane. EmiBhalweni, uMose noJesu bangabalamuleli boMthetho wesivumelwano kanye nowesivumelwano esisha.—Gal 3:19; 1Ti 2:5.

**uMmeli Oyinhloko.** Yigama lesiGreki elisho "uMholi Oyinhloko." Libhekisela endimeni ebalulekile kaJesu Kristu ekukhululeni abantu abathembekile emiphumeleni ebulalayo yesono nasekubaholeleni ekuphileni okuphakade.—IzE 3:15; 5:31; Heb 2:10; 12:2.

**uMoleki.** Unkulunkulu wama-Amoni; kungenzeka lifana nelithi Malkamu, Milkomu nelithi Moloki. Kungenzeka liyisiqu kunokuba libe yigama lonkulunkulu othile. UMthetho KaMose wawumnikeza isigwebo sokufa umuntu onikela ngezingane zakhe kuMoleki. —Lev 20:2; Jer 32:35; IzE 7:43.

**uMoloki.**—Bheka UMOLEKI.

**uMose, uMthetho KaMose.** NguMthetho uJehova awunika u-Israyeli esebenzisa uMose ehlane laseSinayi ngo-1513 B.C.E. Izincwadi ezinhlanu zokuqala eBhayibhelini kuvame ukubhekiselwa kuzo ngokuthi uMthetho. —Jos 23:6; Luk 24:44.

**uMoya.** Igama lesiHebheru elithi *ru′ach* nelesiGreki elithi *pneu′ma,* ngokuvamile ahunyushwa ngokuthi "umoya," anezincazelo ezihlukahlukene. Wonke asho into engabonakali emehlweni omuntu futhi anikeza ubufakazi bamandla asebenzayo. La magama esiHebheru nelesiGreki asetshenziselwa ukusho (1) umoya ovunguzayo, (2) amandla okuphila asezidalweni zasemhlabeni, (3) amandla asenhliziyweni yomuntu engokomfanekiso ambangela ukuba asho noma enze izinto ngendlela ethile, (4) izinkulumo eziphefumulelwe ezivela emthonjeni ongabonakali, (5) abantu bomoya, kanye (6) namandla kaNkulunkulu noma umoya ongcwele.—Eks 35:21; Hu 104:29; Mat 12:43; Luk 11:13.

**uMoya ongcwele.** Amandla angabonakali uNkulunkulu awasebenzisayo ukuze afeze intando yakhe. Ungcwele ngenxa yokuthi uvela kuJehova, ohlanzekile nolunge ngezinga eliphakeme kakhulu, nangenxa yokuthi uyindlela kaNkulunkulu yokufeza okungcwele.—Luk 1:35; IzE 1:8.

**iMpango.** Impahla yomuntu noma yasendlini, imfuyo noma ezinye izinto zenani elikhulu ezithathwa yisitha salowo onqotshiwe.—Jos 7:21; 22:8; Heb 7:4.

**iMpepho.** Ingxube yenhlaka enephunga elimnandi namabhalsamu asha kancane kancane, akhiphe iphunga elimnandi. Kwakwenziwa impepho ekhethekile enezithako ezine ezosetshenziswa etabernakele nasethempelini. Yayishiswa ekuseni nasebusuku e-altare lempepho eNgcwele, ngoSuku Lokuhlawulelwa yayishiswa ngaphakathi eNgcwelengcwele. Lokhu kwakuwuphawu lokwamukelwa kwemithandazo yezinceku zikaNkulunkulu ezithembekile. Ukusetshenziswa kwayo kwakungeyona imfuneko kumaKristu.—Eks 30:34, 35; Lev 16:13; IsA 5:8.

**iziMpondo ze-altare.** Okuthile okumise okwezimpondo okwelulekela ngaphandle kusuka emakhoneni amane ama-altare athile. (Lev 8:15; 1Kh 2:28)—Bheka iSithasiselo B5 no-B8.

**uMthetho.** Uma libhalwe ngosonhlamvukazi, leli gama livame ukubhekisela eMthethweni KaMose noma ezincwadini ezinhlanu zokuqala zeBhayibheli. Uma libhalwe ngamagama amancane, lingase libhekisele emithethweni ethile eseMthethweni KaMose noma esimisweni somthetho.—Num 15:16; Dut 4:8; Mat 7:12; Gal 3:24.

**oMubi.** Indlela okubizwa ngayo uSathane uDeveli, ophikisana noNkulunkulu nezimfuneko zakhe ezilungile.—Mat 6:13; 1Jo 5:19.

**iMure.** Inomfi enuka kamnandi etholakala ezinhlotsheni ezihlukahlukene zezihlahla zameva noma zezihlahla ezincane zohlobo lwe-*Commiphora.* Imure yayingesinye sezithako zamafutha okugcoba angcwele. Yayisetshenziselwa ukunukisa kamnandi izinto ezinjengezingubo noma imibhede, yayifakwa nasemafutheni okubhucunga umzimba nasezintweni zokugcoba. Imure yayiphinde isetshenziswe nasezidunjini ezilungiselelwa ukungcwatshwa.—Eks 30:23; IzA 7:17; Joh 19:39.

**uMusa omkhulu.** Igama lesiGreki elinomqondo wento eyamukelekayo nenhle. Leli gama livame ukusetshenziselwa isipho somusa noma ukupha ngomusa. Lapho libhekisela emseni omkhulu kaNkulunkulu, leli gama lichaza isipho samahhala uNkulunku-

lu asinikeza ngesandla esivulekile engalindele kubuyiselwa ngalutho. Ngakho, libonisa ukupha kukaNkulunkulu ngesandla esivulekile nothando olukhulu nomusa awubonisa abantu. Leli gama lesiGreki libuye lihunyushwe ngokuthi "umusa" nokuthi "isipho somusa." Umuntu uwuthola engawusebenzelanga noma ungamfanele, uboniswa ngenxa nje yesandla esivulekile salowo owubonisayo.—2Ko 6:1; Efe 1:7.

**iMuthi-labheni.** Yigama elisembhalweni ongenhla weHubo 9. Ngokwemvelaphi yalo, lalisho ukuthi "mayelana nokufa kwendodana." Abanye basikisela ukuthi kwakuyigama noma amazwi okuvula engoma ejwayelekile okwakumele isetshenziswe lapho kuculwa leli hubo.

## N

**iNadi.** Amafutha abizayo anuka kamnandi anombala obomvana, akhishwa esitshalweni okuthiwa isipikenadi (*Nardostachys jatamansi*). Ngenxa yokuthi yayibiza, inadi yayivame ukuxutshwa namafutha ezinga eliphansi futhi ngezinye izikhathi kwakuba inadi lomgunyathi. Kuyaphawuleka ukuthi bobabili uMarku noJohane bathi "inadi loqobo" elasetshenziswa kuJesu.—Mar 14:3; Joh 12:3.

**umNazaretha.** Igama uJesu ayebizwa ngalo njengoba ayevela edolobhaneni okuthiwa yiNazaretha. Cishe lihlobene negama lesiHebheru elisetshenziswe ku-Isaya 11:1 elithi "ihlumela." Nabalandeli bakaJesu babizwa ngalo kamuva.—Mat 2:23; IzE 24:5.

**umNaziri.** Yigama lolimi lwesiHebheru elisho "Okhethiwe," "Onikelwe," "Ohlukanisiwe." Kwakunezigaba ezimbili zamaNaziri: yilawo ayezikhethele nalawo ayekhethwe nguNkulunkulu. Owesilisa noma owesifazane wayengenza isifungo esikhethekile kuJehova sokuphila njengomNaziri okwesikhathi esithile. Labo ababezikhethela ukwenza lesi sifungo babenemibandela emithathu eyinhloko ababebekelwe yona: kwakungafanele baphuze utshwala noma badle noma yini eyenziwe ngamagilebhisi, kwakungafanele bagunde izinwele zabo futhi kwakungafanele bathinte isidumbu. Labo ababekhethwa uNkulunkulu ukuba babe amaNaziri, babeba yiwo ukuphila kwabo konke futhi uJehova wayebabekela izimfuneko.—Num 6:2-7; Hlu 13:5.

**iNceku ekhonzayo.** Indlela okuhunyushwe ngayo igama lesiGreki elithi *di·aʹko·nos,* elivame ukuhunyushwa ngokuthi "isikhonzi" noma "inceku." Elithi "inceku ekhonzayo" libhekisela kumuntu okhonza njengomsizi wendikimba yabadala ebandleni. Kumele ahlangabezane nezindinganiso zeBhayibheli ukuze afanelekele leli lungelo lenkonzo.—1Ti 3:8-10, 12.

**isaNcinza.** Inkosikazi yesibili ngokuvamile eyayiyisigqila.—Eks 21:8; 2Sa 5:13; 1Kh 11:3.

**iziNdaba ezinhle.** EmiBhalweni YamaKristu YesiGreki, yizindaba ezinhle zoMbuso kaNkulunkulu nezensindiso etholakala ngokuba nokholo kuJesu Kristu.—Luk 4:18, 43; IzE 5:42; IsA 14:6.

**iNdandatho yophawu.** Uhlobo lophawu olwalufakwa emunweni noma lufakwe entanjeni mhlawumbe ilengiswe entanyeni. Ibizwa nangokuthi indandatho yesigxivizo, yayiwuphawu lwegunya lombusi noma isikhulu. (Gen 41:42)—Bheka elithi UPHAWU.

**iNdawo ephakeme.** Yindawo yokukhulekela evame ukuba sesiqongweni sentaba, segquma, noma epulatifomu elenziwe umuntu. Nakuba izindawo eziphakeme ngezinye izikhathi zazisetshenziselwa ukukhonza uNkulunkulu, izikhathi eziningi zivame ukuhlotshaniswa nokukhonza onkulunkulu bamanga.—Num 33:52; 1Kh 3:2; Jer 19:5.

**uNdi lweziNtaba ZaseLebhanoni.** Enye yezintaba ezimbili eziwukhahlamba ezakha izintaba zezwe laseLebhanoni. Undi lwaseLebhanoni lusentshonalanga, undi lwe-Amana lusempumalanga. Lezi zintaba ezimbili eziwukhahlamba zihlukaniswe yisigodi eside esivundile. Cishe ukuphakama kondi lwaseLebhanoni kusuka ogwini lweMedithera, ukuphakama kwalo kulinganiselwa kumamitha aphakathi kuka-1 800 no-2 100. Endulo, iLebhanoni yayihaqwe izihlahla ezinkulu zomsedari ezaziyigugu kakhulu ezizweni ezizungezile. (Dut 1:7; Hu 29:6; 92:12)—Bheka iSithasiselo B7.

**iNdlela.** Inkulumo esetshenziswa ngokomfanekiso emiBhalweni ukubhekisela endleleni yokwenza noma yokuziphatha evunyelwa noma eyenqatshelwa uJehova. Labo ababa abalandeli bakaJesu Kristu kwakuthiwa bangabaleyo "Ndlela," okuwukuthi, babelondoloza indlela yokuphila egxile okholweni kuJesu Kristu, belandela isibonelo sakhe.—IzE 19:9.

**iNdlovukazi Yezulu.** Isiqu sikankulunkulukazi owayekhonzwa ama-Israyeli ayizihlubuki ezinsukwini zikaJeremiya. Abanye bathi sibhekisela kunkulunkulukazi waseBhabhiloni u-Ishtar (u-Astarte). Igama likazakwabo wangaphambili waseSamariya, u-Inanna lisho ukuthi "iNdlovukazi Yezulu." Nakuba ehlotshaniswa namazulu, wayengunkulunkulukazi wenzalo. U-Astarte ubizwa nangokuthi "iNkosazana Yezulu" embhalweni oqoshiwe waseGibhithe.—Jer 44:19.

**iNdlu engcwele.** Ngokuvamile, yindawo esetshenziselwa ukukhulekela, indawo engcwele. Nokho, izikhathi eziningi lisho itabernakele noma ithempeli eliseJerusalema. Leli gama lisetshenziselwa nokubhekisela endaweni uNkulunkulu ahlala kuyo emazulwini.—Eks 25:8, 9; 2Kh 10:25; 1Kr 28:10; IsA 11:19.

**iNduna.** Isikhulu esisesigabeni esingaphansi kwesombusi wesifunda embusweni waseBhabhiloni. EBhayibhelini, izinduna zazinegunya phezu kwamadoda ahlakaniphile esigodlweni saseBhabhiloni. Izinduna kuyakhulunywa ngazo nangesikhathi sokubusa kweNkosi uDariyu umMede.—Dan 2:48; 6:7.

**iNdunduma.** NgesiHebheru leli gama lithi "Millo" livela egameni elithi "ukugcwala." I-*Septuagint* ilihumusha ngokuthi "inqaba." Cishe kwakuwukwakheka kwendawo eseDolobheni LikaDavide kodwa akwaziwa ngokuthe ngqo ukuthi yavela kanjani.—2Sa 5:9; 1Kh 11:27.

**iNdwangu yesaka.** Indwangu eqinile eyayisetshenziselwa ukwenza amasaka, noma izikhwama, njengalezo okwakufakwa kuzo ukudla okusanhlamvu. Ngokuvamile yayelukwa ngoboya obumnyama bezimbuzi futhi kwakuyingubo esetshenziselwa ukulila.—Gen 37:34; Luk 10:13.

**iNdwayimane.** Umchilo wesikhumba noma ibhande elelukiwe lomsipha wesilwane, lekhwane noma loboya. Phakathi nendawo kwakunendawana ebanzi yokufaka okuzojikijelwa, ngokuvamile itshe. Omunye umucu wendwayimane wawuthandelwa esandleni noma esihlakaleni, bese omunye ubanjwa ngesandla futhi udedelwe lapho umuntu eshwiba indwayimane. Emabuthweni ezizwe zasendulo kwakuba nabasebenzisa izindwayimane.—Hlu 20:16; 1Sa 17:50.

**amaNefili.** Amadodana anodlame ayingxube ayezalwa amadodakazi abantu kanye nezingelosi ezazizenze abantu ngaphambi kukaZamcolo.—Gen 6:4.

**iNehiloti.** Yigama okungaqinisekwa ngencazelo yalo, elivela embhalweni ongenhla weHubo 5. Abanye bakholelwa ukuthi libhekisela ensimbini yomculo efuthwayo, belihlobanisa negama lesiHebheru elihlobana ne-*cha·lilʹ* (umtshingo). Nokho, kungenzeka lisho ingoma.

**amaNethini.** Izinceku noma izikhonzi zasethempelini ezazingewona ama-Israyeli. Igama lesiHebheru ngokwezwi nezwi lisho "Abanikelwe," okusho ukuthi babenikelelwe inkonzo yasethempelini. Cishe iningi lamaNethini laliyinzalo yabaseGibheyoni, uJoshuwa ayebanike umsebenzi "wokutheza izinkuni nowokukha amanzi enhlangano nawe-altare likaJehova."—Jos 9:23, 27; 1Kr 9:2; Ezr 8:17.

**iNgalo.** Isikali esithi asilingane nobude obusuka endololwaneni kuya esihlokweni somunwe ophakathi nendawo. Ama-Israyeli ayevame ukusebenzisa ingalo ecishe ibe ngu-44,5 cm, kodwa ayesebenzisa nengalo enkulu eyayilingana nobubanzi besandla ubude, ecishe ibe ngu-51,8 cm. (Gen 6:15; Luk 12:25)—Bheka iSithasiselo B14.

**ukuNgcola.** Kungasho ukungahlanzeki emzimbeni noma ukwephula imithetho yokuziphatha. Nokho, eBhayibhelini leli gama livame ukusho into engamukeleki noma engahlanzekile ngokoMthetho KaMose. (Lev 5:2; 13:45; Mat 10:1; IzE 10:14; Efe 5:5)—Bheka elithi UKUHLANZEKA.

**Ngcwele; ubungcwele.** Yimfanelo etholakala kuJehova; yisimo sokuhlanzeka ngokuphelele ngokokuziphatha nobungcwele. (Eks 28:36; 1Sa 2:2; IzA 9:10; Isay 6:3) Lapho libhekisela kubantu (Eks 19:6; 2Kh 4:9), izilwane (Num 18:17), izinto (Eks 28:38; 30:25; Lev 27:14), izindawo (Eks 3:5; Isay 27:13), izinkathi (Eks 16:23; Lev 25:12), nemisebenzi (Eks 36:4), igama lokuqala lesiHebheru lidlulisela umqondo wokuba ohlukanisiwe, okhethekile, noma ukungcweliselwa uNkulunkulu ongcwele; isimo sokuhlukaniselwa inkonzo kaJehova. EmiBhalweni YamaKristu YesiGreki, amagama ahunyushwe ngokuthi "ngcwele" nangokuthi "ubungcwele" nawo adlulisa umqondo wokuhlukaniselwa uNkulunkulu. La magama aphinde asetshenziswe lapho kubhekiselwa ekubeni msulwa endleleni umuntu aziphatha ngayo.—Mar 6:20; 2Ko 7:1; 1Pe 1:15, 16.

**iNgcwele.** Yigumbi lokuqala nelikhulu letabernakele noma lethempeli, njengoba lihlukaniswa egunjini elingaphakathi iNgcwelengcwele. Etabernakele, iNgcwele yayinothi lwesibani lwegolide, i-altare legolide lempepho, itafula lesinkwa sokubukwa kanye nezinto zegolide; ethempelini laline-altare legolide, izinti zezibani zegolile eziyishumi namatafula esinkwa sokubukwa ayishumi. (Eks 26:33; Heb 9:2)—Bheka iSithasiselo B5 no-B8.

**iNgcwelengcwele.** Yigumbi elingaphakathi letabernakele nethempeli, lapho kwakugcinwa khona umphongolo wesivumelwano. NgokoMthetho KaMose, ngumpristi ophakeme kuphela owayevumeleke ukungena eNgcwelengcwele, futhi wayengangena kuphela uma kuwuSuku Lokuhlawulelwa lwaminyaka yonke.—Eks 26:33; Lev 16:2, 17; 1Kh 6:16; Heb 9:3.

**iziNgelosi.** Lisuselwa egameni lesiHebheru elithi *mal·'akh'* nelesiGreki elithi *ag'gelos.* Womabili la magama ngokwezwi nezwi asho "isithunywa" kodwa ahunyushwe ngokuthi "ingelosi" lapho ebhekisela ezithunyweni zomoya. (Gen 16:7; 32:3; Jak 2:25; IsA 22:8) Izingelosi ziyizidalwa zomoya ezinamandla ezadalwa uNkulunkulu kusasele isikhathi eside ngaphambi kokuba adale isintu. EBhayibhelini zibizwa nangokuthi "amashumi ezinkulungwane ezingcwele," "amadodana kaNkulunkulu," nangokuthi "izinkanyezi zasekuseni." (Dut 33:2; Job 1:6; 38:7) Azidalwanga zikwazi ukuzala uhlobo lwazo kodwa zadalwa ngayinye ngayinye. Zingaphezu kwezigidi eziyikhulu. (Dan 7:10) IBhayibheli libonisa ukuthi zinamagama nobuntu obuzenza zehluke kwenye nenye, noma kunjalo ngokuthobeka ziyenqaba ukukhonzwa, zize zenqabe ngisho nokwembula amagama azo. (Gen 32:29; Luk 1:26; IsA 22:8, 9) Zinezigaba ezingafani futhi zinezindima ezihlukahlukene, ezihlanganisa ukukhonza phambi kwesihlalo sobukhosi sikaJehova, ukudlulisa imiyalezo yakhe, ukungenela zisize izinceku zikaJehova ezisemhlabeni, ukukhipha izahlulelo zikaNkulunkulu nokusiza ekushunyayelweni kwezindaba ezinhle. (2Kh 19:35; Hu 34:7; Luk 1:30, 31; IsA 5:11; 14:6) Esikhathini esizayo ziyosekela uJesu lapho elwa impi i-Armagedoni.—IsA 19:14, 15.

**iNgelosi eyinhloko.** Lisho ukuthi "isikhulu sezingelosi." Igama elithi "eyinhloko" lisho "isikhulu" noma "ophethe." Le ncazelo, kanye neqiniso lokuthi inkulumo ethi "ingelosi eyinhloko" eBhayibhelini isetshenziswa isebunyeni kuphela, ibonisa ukuthi kunengelosi eyodwa kuphela eyinhloko. IBhayibheli liyalisho igama lale ngelosi eyinhloko, liyibiza ngokuthi uMikayeli.—Dan 12:1; Jud 9; IsA 12:7.

**ukuNgena komuntu umkamfowabo.** Isiko, kamuva elafakwa eMthethweni KaMose, lokuba indoda ishade umkamfowabo owashona engenayo indodana ukuze imzalise izingane ezizoqhubekisela phambili inzalo yomfowabo.—Gen 38:8; Dut 25:5.

**iNgoma yokulila.** Umculo ohlanganisiwe, onezosha eziveza usizi olujulile njengosizi lokushonelwa umngani noma umuntu omthandayo; isililo.—2Sa 1:17; Hu 7:0.

**iNgoma Yokwenyuka.** Umbhalo ongenhla wamaHubo 120-134. Nakuba kunemibono ehlukahlukene mayelana nencazelo yala mazwi, abaningi bakholelwa ukuthi la mahubo angu-15 ayeculwa abakhulekeli bakwa-Israyeli ababejabule njengoba 'benyukela' eJerusalema, elaliphezulu ezintabeni zakwaJuda beya emikhosini emithathu emikhulu yaminyaka yonke.

**iNhlaka yempepho.** Inomfi ephuma ezihlahleni noma esihlahleni sohlobo oluthile lwe-*Boswellia.* Lapho ishiswa, ikhipha iphunga elimnandi. Yayiyisithako sempepho engcwele eyayisetshenziswa etabernakele nasethempelini. Yayiphinde ihambisane nomnikelo wokudla okusanhlamvu futhi yayibekwa eqoqweni ngalinye lesinkwa sokubukwa esasiseNgcwele.—Eks 30:34-36; Lev 2:1; 24:7; Mat 2:11.

**iNhlangano.** Iqembu labantu elihlangene ndawonye ngenjongo ethile. EmiBhalweni YesiHebheru, leli gama livame ukubhekisela emihlanganweni yabantu bakwa-Israyeli emikhosini yenkolo noma ezenzakalweni ezezwe ezinkulu ezibalulekile.—Dut 16:8; 1Kh 8:5.

**ukuziNikela kuNkulunkulu.** Ukuhlonipha, ukukhonza, nokukhulekela uJehova uNkulunkulu, lokho ukwenze ngobuqotho ngaphansi kobukhosi bakhe bendawo yonke.—1Ti 4:8; 2Ti 3:12.

**umNikelo ohlanganyelwayo.** Umhlatshelo oyiswa kuJehova oyisicelo sokuba nokuthula naye. Umuntu owunikelayo nomndeni wakhe, nompristi owawulethwa kuye nabapristi ababenza izinkonzo, bonke babewudla.

Ngomqondo ongokomfanekiso, uJehova wayemukela iphunga elimnandi lamafutha ashiswayo. Igazi, elimelela ukuphila, nalo lalinikwa yena. Kwakunjengokungathi abapristi nabaletha umnikelo bahlezi ndawonye noJehova bayadla, okwakubonisa ubuhlobo obunokuthula.—Lev 7:29, 32; Dut 27:7.

**umNikelo ophuzwayo.** Umnikelo wewayini owawuthululelwa e-altare bese ulethwa kanye neminye iminikelo. UPawulu wayisebenzisa ngokomfanekiso le nkulumo ukuze aveze ukuthi wayezimisele ukuzikhandla ngenxa yamanye amaKristu.—Num 15:5, 7; Flp 2:17.

**umNikelo oshiswayo.** Umhlatshelo wesilwane owawushiswa e-altare njengomnikelo ophelele oya kuNkulunkulu; ayikho ingxenye yesilwane (inkunzi, inqama, imbuzi yeduna, ihobhe noma iphuphu lejuba) eyayigcinwa umuntu owenza inkonzo.—Eks 29:18; Lev 6:9.

**umNikelo ozuliswayo.** Lapho kwenziwa lo mnikelo umpristi wayebeka izandla zakhe ngaphansi kwezandla zomkhulekeli owayebambe umhlatshelo owawuzonikelwa aziyise le nale; noma umpristi ngokwakhe wayewuzulisa umnikelo. Lesi senzo sasimelela *ukunikelwa* kweminikelo eyimihlatshelo eya kuJehova.—Lev 7:30.

**umNikelo wecala.** Umhlatshelo wezono zomuntu. Wawuhlukile kancane kweminye iminikelo yesono ngomqondo wokuthi wona kwakungowokubuyisa amalungelo athile esivumelwano ayelahlekele umenzi wobubi ophendukayo ngenxa yesono ayesenzile futhi wawumkhulula esijeziswení.—Lev 7:37; 19:22; Isay 53:10.

**umNikelo wesifungo.** Umnikelo wokuzithandela ohambisana nezifungo ezithile.—Lev 23:38; 1Sa 1:21.

**umNikelo wesono.** Umhlatshelo owawunikelwa ngenxa yesono esenziwe kungahlosiwe ngenxa yobuthakathaka benyama enesono. Kwakusetshenziswa izilwane ezihlukahlukene zemihlatshelo, kusukela enkunzini kuya ejubeni, kuye ngesikhundla noma izimo zomuntu owayehlawulelwa isono.—Lev 4:27, 29; Heb 10:8.

**umNikelo wokubonga.** Umnikelo ohlanganyelwayo ohloselwe ukudumisa uNkulunkulu ngenxa yamalungiselelo akhe nothando lwakhe oluqotho. Kwakudliwa inyama yomnikelo wesilwane kanye nesinkwa esinemvubelo nesingenamvubelo. Leyo nyama kwakumele idliwe ngosuku ehlatshwe ngalo.—2Kr 29:31.

**ukuziNikezela, uphawu olungcwele lwako.** Ucwecwe olucwebezelayo lwegolide elihlanzekile okuqoshwe kulo amagama athi ngesiHebheru, "Ubungcwele bungobukaJehova." Lwalufakwa ngaphambi kweduku lokushuqula lompristi ophakeme. (Eks 39:30) —Bheka iSithasiselo B5.

**Nisani.** Ngemva kokudingiselwa eBhabhiloni, leli kwaba yigama elisha lika-Abhibhi, inyanga yokuqala yekhalenda elingcwele lamaJuda nenyanga yesikhombisa yekhalenda elivamile. Yayiqala phakathi noMashi iphele phakathi no-Ephreli. (Neh 2:1)—Bheka iSithasiselo B15.

**iNkanyezi yokusa.**—Bheka IKHWEZI.

**iNkatho.** Amatshe amancane noma izinti ezincane okwakusetshenziselwa ukwenza izinqumo. Kwakufakwa emphethweni wengubo noma esitsheni bese kuxukuzwa. Kwakukhethwa inkatho eyayiphuma lapho noma eyayikhishwa. Ngokuvamile kwakuthandazwa lapho kwenziwa lokhu. Igama elithi "inkatho" lisetshenziswe ngokoqobo nangokomfanekiso, lingasho "ukwaba" noma "isabelo."—Jos 14:2; Hu 16:5; IzA 16:33; Mat 27:35.

**iNkokhiso.** Yinkokhelo eyayikhokhwa uMbuso noma umbusi komunye umbusi njengophawu lokuzithoba, ukuze agcine ukuthula noma athole isivikelo. (2Kh 3:4; 18:14-16; 2Kr 17:11) Leli gama liyasebenza nasemalini yentela ekhokhwa abantu ngabanye.—Neh 5:4; Rom 13:7.

**iNkonzo engcwele.** Inkonzo noma umsebenzi ongcwele, ohlobene ngokuqondile nokukhonza komuntu uNkulunkulu.—Rom 12:1; IsA 7:15.

**uNkulunkulu weqiniso.** Indlela yokuhumusha igama lesiHebheru elithi "uNkulunkulu." Ezimweni eziningi, lokhu kusetshenziswa kwesiqalo sesiHebheru kusiza ekuhlukaniseni uJehova njengowukuphela kukaNkulunkulu weqiniso kwabanye onkulunkulu bamanga. Ukuhumusha inkulumo ethi "uNkulunkulu *weqiniso*" ngokucophelela kuyayilondoloza incazelo egcwele yenkulumo yesiHebheru ezimweni ezinjengalezi.—Gen 5:22, 24; 46:3; Dut 4:39.

**isiNkwa esingenamvubelo.** Kushiwo isinkwa esingafakiwe imvubelo.—Dut 16:3; Mar 14:12; 1Ko 5:8.

**isiNkwa sokubukwa.** Izinkwa eziyishumi nambili ezazibekwa zibe izitaki ezimbili, zibe yisithupha ngapha nangapha etafuleni endaweni eNgcwele yetabarnakele ne-

yethempeli. Zazibizwa nangokuthi “izinkwa ezitakelene.” Lo mnikelo oya kuNkulunkulu wawukhishwa iSabatha ngalinye kufakwe isinkwa esisanda kubhakwa. Isinkwa esasisuswa ngokuvamile sasidliwa abapristi kuphela. (2Kr 2:4; Mat 12:4; Eks 25:30; Lev 24:5-9; Heb 9:2)—Bheka iSithasiselo B5.

**iNqola.** Inamasondo amabili, idonswa amahhashi, isetshenziswa empini ngokuyinhloko.—Eks 14:23; Hlu 4:13; IzE 8:28.

**iNsika.** Into emile yokusekela isakhiwo noma into emise okwesigxobo sokuphasa. Ezinye zazimiswa ukuze kukhunjulwe izenzo noma izigameko ezingokomlando. Izinsika sokusekela isakhiwo zasetshenziswa ethempelini nakwezinye izakhiwo zasebukhosini ezazakhiwe uSolomoni. Izizwe ezazikhonza onkulunkulu bamanga zazimisa izinsika ezingcwele ezihlobene nenkolo yazo yamanga, ngezinye izikhathi nama-Israyeli ayezenza lezi zinto. (Hlu 16:29; 1Kh 7:21; 14:23)—Bheka elithi ISIHLOKO.

**iNsika engcwele.** Insika emile, ngokuvamile eyenziwe ngetshe futhi ngokungangabazeki eyisitho sobulili sowesilisa emelela uBhali noma abanye onkulunkulu bamanga.—Eks 23:24.

**iziNsuku zokugcina.** Le nkulumo kanye nezinye ezifana nayo, njengethi “ingxenye yokugcina yezinsuku,” zisetshenziswa esiprofethweni seBhayibheli ukuze kubhekiselwe esikhathini lapho izenzakalo zomlando ziyofinyelela khona kuvuthondaba. (Hez 38:16; Dan 10:14; IzE 2:17) Kuye ngesiprofetho, lena kungase kube yinkathi eyiminyaka embalwa noma eminingi. Ngokuphawulekayo, iBhayibheli lisebenzisa le nkulumo ngokuphathelene ‘nezinsuku zokugcina’ zale nkathi yezwe, phakathi nokuba khona kukaJesu okungabonakali.—2Ti 3:1; Jak 5:3; 2Pe 3:3.

**iNtambo yokweluka eqondile.** Izintambo eziningi eziya ohlangothini olulodwa lapho kwelukwa indwangu. Izintambo ezinqamula ngaphansi nangaphezulu ezilukwa kanye nalezi kuthiwa izintambo zokweluka ezivundlile.—Hlu 16:13.

**iziNtambo zokweluka ezivundlile.** Izintambo eziningi ezivundlayo lapho kwelukwa indwangu. Lezi zazelukwa ngokushintshana zingena ngaphansi nangaphezulu kwezintambo eziqondile, ezaziya ohlangothini lobude bendwangu.—Lev 13:59.

**iziNtethe.** Izinhlobonhlobo zezintethe ezifuduka ziyiqulu elikhulu. EMthethweni KaMose zazibhekwa njengezihlanzekile ezikufanelekelayo ukudliwa. Izinkumbi ezinkulu ezidla kwasani ezihlangana nalo, ezibangela imbubhiso enkulu, zazibhekwa njengenhlupho.—Eks 10:14; Mat 3:4.

**iziNto zokucisha umlilo.** Amathuluzi ayesetshenziswa etabernakele nasethempelini, ayenziwe ngegolide noma ngethusi. Kungenzeka ayefana nezikelo zokusika izintambo zezibani.—2Kh 25:14.

**iNtonga.** Yisiqwayi noma induku ephathwa umbusi ewuphawu lwegunya lasebukhosini.—Gen 49:10; Heb 1:8.

**umuNtu obhula ngezinkanyezi.** Umuntu ofunda ukunyakaza kwelanga, inyanga nezinkanyezi ukuze abikezele izenzakalo ezizayo.—Dan 2:27; Mat 2:1.

## O

**i-Omere.** Isilinganiso sokukala izinto ezomile ezifana nempuphu esilingana no-2,2 L noma no-1/10 we-efa. (Eks 16:16, 18)—Bheka iSithasiselo B14.

**i-Onikisi.** Itshe elithi alibe yigugu, uhlobo oluqinile lwe-*agate,* noma uhlobo olumibalabala lwe-*chalcedony.* I-onikisi linamaleya amhlophe ashintshana namnyama, ansundu, abomvu, ampunga noma aluhlaza. Lalisetshenziswa ezingutsheni ezikhethekile zompristi ophakeme.—Eks 28:9, 12; 1Kr 29:2; Job 28:16.

## P

**isiPelite.** Ukolweni wohlobo olusezingeni eliphansi (*Triticum spelta*), onezinhlamvu ezingahlukaniseki kalula namakhoba.—Eks 9:32.

**ukuPhambuka; isiphambeko.** Ukweqa umthetho obekiwe; isenzo sokweqa umthetho. Liyafana nelithi “isono” eBhayibhelini.—Hu 51:3; Rom 5:14.

**iPhaphirasi.** Isitshalo esimila emanzini esinjengomhlanga esisetshenziselwa ukwenza izinto ezinjengobhasikidi, izitsha zokugcina okuthile nezikebhe. Yayisetshenziselwa nokwenza izinto okwakubhalwa kuzo ezifana nephepha. Imiqulu eminingi yayenziwe ngayo.—Eks 2:3.

**iPharadesi.** Ipaki enhle, noma ingadi enjengepaki. Indawo enjalo yokuqala kwakuyi-Edene, eyenziwa uJehova eyenzela abantu ababili bokuqala. Lapho ekhuluma nesigebengu esasiseduze kwakhe esigxotsheni sokuhlushwa, uJesu wabonisa ukuthi umhlaba

wawuyoba ipharadesi. Kweyesi-2 Korinte 12:4, ngokusobala leli gama lisho ipharadesi elizayo kanti embhalweni wesAmbulo 2:7 lisho ipharadesi lasezulwini.—Hla 4:13; Luk 23:43.

**iPhasika.** Umkhosi waminyaka yonke owawugujwa ngosuku luka-14 lwenyanga ka-Abhibhi (kamuva eyabizwa ngokuthi uNisani) ukuze kukhunjulwe ukukhululwa kwama-Israyeli eGibhithe. Wawugujwa ngokuhlaba nangokosa imvu (noma imbuzi), eyayibe isidliwa nemifino ebabayo nesinkwa esingenamvubelo.—Eks 12:27; Joh 6:4; 1Ko 5:7.

**ukuziPhatha kabi ngokocansi.** Yinkulumo esuselwa egameni lesiGreki elithi *por·nei′a,* elisetshenziswe emiBhalweni, elibhekisela emikhutsheni ethile yocansi enqatshelwe uNkulunkulu. Kuhlanganisa ukuphinga, ukuthengisa ngomzimba, ukuya ocansini kwabantu abangashadile, ukuya ocansini nomuntu wobulili obufanayo kanye nokuya ocansini nesilwane. Isetshenziswa ngokomfanekiso encwadini yesAmbulo ngokuphathelene nesifebe esingokwenkolo esibizwa ngokuthi "iBhabhiloni Elikhulu" ukuze kuchazwe ukuzihlanganisa kwalo nababusi baleli zwe ukuze lithole amandla nengcebo. (IsA 14:8; 17:2; 18:3; Mat 5:32; IzE 15:29; Gal 5:19)—Bheka elithi ISIFEBE.

**ukuziPhatha kabi okuhambisana nendelelo.** Livela egameni lesiGreki elithi *a·sel′gei·a,* inkulumo ephathelene nezenzo ezephula imithetho kaNkulunkulu ingcaca nezibonisa isimo sokwedelela nokungabi namahloni; umoya obonisa ukungabi nanhlonipho noma ngisho ukwedelela igunya, imithetho kanye nezindinganiso. Le nkulumo ayibhekiseli ezonweni ezincane eziwukuziphatha okubi. —Gal 5:19; 2Pe 2:7.

**umPhathi-sifundazwe.** Umbusi oyinhloko wesifundazwe esasiphethwe yiSigele SaseRoma. Wayenegunya ekuqulweni kwamacala nakwezempi, futhi nakuba izenzo zakhe zazingase zibukezwe yiSigele, wayenegunya eliphakeme kunabo bonke esifundazweni. —IzE 13:7; 18:12.

**uPhawu.** Into esetshenziselwa ukwenza isigxivizo (ngokuvamile obumbeni noma kuyingcina) esibonisa ubunikazi, ukuqiniseka kwento noma isivumelwano. Izinto zokubeka uphawu zasendulo zaziba nento eqinile (itshe, uphondo lwendlovu noma ukhuni) eqoshwe izinhlamvu zamagama nemidwebo okuphendukezelwe. Uphawu lusetshenziselwa ukufanekisela into eqinisekisiwe noma njengophawu lobunikazi noma into efihliwe noma eyimfihlo.—Eks 28:11; Neh 9:38; IsA 5:1; 9:4.

**uPhawu (Isibonakaliso).** Yinto, isenzo, isimo noma isibonakaliso esiphawulekayo esiyinkomba yento ethile, yamanje noma yesikhathi esizayo.—Gen 9:12, 13; 2Kh 20:9; Mat 24:3; IsA 1:1.

**umPhefumulo.** Lena yindlela obekulokhu kuhunyushwa ngayo igama lesiHebheru elithi *ne′phesh* negama lesiGreki elithi *psy·khe′.* Lapho kuhlolwa indlela la magama asetshenziswe ngayo eBhayibhelini, kuyacaca ukuthi ngokuyinhloko asho (1) abantu, (2) izilwane noma (3) ukuphila komuntu noma kwesilwane. (Gen 1:20; 2:7; Num 31:28; 1Pe 3:20; kanye nemibhalo yaphansi) Ngokuphambene nendlela igama elithi "umphefumulo" elisetshenziswa ngayo ezinkolweni eziningi, iBhayibheli libonisa ukuthi igama elithi *ne′phesh* nelithi *psy·khe′,* lapho esetshenziswa ezidalweni zasemhlabeni asho into ebonakalayo, ethintekayo nefayo. Kule nguqulo, ezikhathini eziningi la magama ezilimi zokuqala aye ahunyushwa ngokwencazelo yawo emongweni ngamunye, kusetshenziswa igama elinjengelithi "ukuphila," "isidalwa," "umuntu," "umuntu uqobo lwakhe," noma isabizwana (ngokwesibonelo, "mina" esikhundleni sokuthi "umphefumulo wami"). Ezimweni eziningi, imibhalo yaphansi inikeza indlela yokuhumusha ethi "umphefumulo." Lapho kutshenziswe igama elithi "umphefumulo," kungaba sendabeni noma emibhalweni yaphansi, kufanele liqondwe ngokuvumelana nale ncazelo engenhla. Lapho kubhekiselwa ekwenzeni into ngomphefumulo wonke, kushiwo ukuyenza ngokuzinikela okuphelele, ngenhliziyo yonke noma ngokuphila konke. (Dut 6:5; Mat 22:37) Kwezinye izimo, la magama olimi lokuqala angasetshenziselwa ukusho isifiso noma ukulangazela kwesidalwa esiphilayo. Angase abhekisele nakumuntu ofile noma isidumbu.—Num 6:6; IzA 23:2; Isay 56:11; Hag 2:13.

**isiPhelo sesimiso sezinto.** Inkathi eholela ekupheleni kwesimiso sezinto, noma isimo sezwe esibuswa uSathane. Ihambisana nokuba khona kukaKristu. Ngaphansi kokuqondisa kukaJesu, izingelosi 'ziyohlukanisa ababi kwabalungile,' zibabhubhise. (Mat 13:40-42, 49) Abafundi bakaJesu babefuna

ukwazi ukuthi siyoba khona nini leso "siphelo." (Mat 24:3) Ngaphambi kokuba abuyele ezulwini, wathembisa abalandeli bakhe ukuthi wayeyoba nabo kuze kube yileso sikhathi.—Mat 28:20.

**umPheme KaSolomoni.** Ethempelini ngosuku lukaJesu, kwakuyindlela yokuhamba efulelwe esempumalanga yegceke elingaphandle, abaningi babekholelwa ukuthi kwakuyingxenye esele yethempeli likaSolomoni. UJesu wahamba lapho 'ngesikhathi sasebusika,' namaKristu okuqala ayehlangana lapho ukuze akhulekele. (Joh 10:22, 23; IzE 5:12)—Bheka iSithasiselo B11.

**ukuPhenduka.** Ngokwendlela elisetshenziswe ngayo eBhayibhelini, leli gama lisho ukushintsha umqondo okuhambisana nokuzisola okusuka enhliziyweni ngenxa yokuziphatha komuntu kwangaphambili, izenzo ezingalungile noma lokho umuntu ahluleke ukukwenza. Ukuphenduka kweqiniso kuveza izithelo, ushintsho endleleni yokwenza.–Mat 3:8; IzE 3:19; 2Pe 3:9.

**iPhentekoste.** Umkhosi wesibili kwemithathu emikhulu, bonke abesilisa abangamaJuda okwakudingeka bayigubhe eJerusalema. Igama elithi iPhentekoste, okusho ukuthi "(uSuku) Lwamashumi Amahlanu," yigama elisetshenziswa emiBhalweni YamaKristu YesiGreki uma kukhulunywa ngalokho okubizwa ngokuthi uMkhosi Wesivuno noma Wamasonto emiBhalweni YesiHebheru. Laligujwa ngosuku luka-50 uma kubalwa kusukela ngoNisani 16.—Eks 23:16; 34:22; IzE 2:1.

**iPheresiya; amaPheresiya.** Izwe nesizwe okuvame ukukhulunywa ngaso kanye namaMede futhi ngokusobala esihlobene nawo. Ekuqaleni komlando wawo, amaPheresiya ayehlala engxenyeni eseningizimu-ntshonalanga yendawo engamathafa asezindaweni eziphakeme, e-Iran. Ngaphansi kukaKoresi Omkhulu (ngokwezazi-mlando ezithile zasendulo owayezalwa ngubaba ongumPheresiya nomama ongumMede), amaPheresiya ayebusa amaMede, nakuba le mibuso yaqhubeka ibambisene. UKoresi wanqoba uMbuso WaseBhabhiloni ngo-539 B.C.E. wabe esevumela amaJuda ayizithunjwa ukuba abuyele ezweni lawo. UMbuso WasePheresiya wawusuka eMfuleni i-Indus empumalanga uye oLwandle i-Aegean entshonalanga. AmaJuda ayengaphansi kokubusa kwamaPheresiya kwaze kwaba yilapho u-Alexander Omkhulu enqoba amaPheresiya ngo-331 B.C.E. UMbuso WasePheresiya wabonwa uDaniyeli embonweni ungakafiki, futhi kukhulunywa ngawo ezincwadini zeBhayibheli, kweka-Ezra, ekaNehemiya neka-Esteri. (Ezr 1:1; Dan 5:28; 8:20)—Bheka iSithasiselo B9.

**umPhik' ukristu.** Leli gama lesiGreki linencazelo ekabili. Libhekisela kulokho *okuphikisana,* noKristu. Lingabhekisela nakuKristu wamanga, *othatha indawo* kaKristu. Bonke abantu, izinhlangano noma amaqembu aqamba amanga athi amelela uKristu noma athi anguMesiya noma aphikisana noKristu nabafundi bakhe angabizwa kufanele ngokuthi abaphik' ukristu.—1Jo 2:22.

**ukuPhinga.** Yilapho indoda noma owesifazane oshadile eya ocansini ngokuzithandela nomuntu angashadile naye.—Eks 20:14; Mat 5:27; 19:9.

**iziPho zesihe.** Yizipho ezazenziwa ukuze kusizwe umuntu oswele. Akukhulunywa ngazo ngokuqondile emiBhalweni YesiHebheru, kodwa uMthetho wawunikeza ama-Israyeli iziqondiso ezicacile mayelana nesibopho anaso ngabahluphekayo.—Mat 6:2.

**uPhondo.** Libhekisela ezimpondweni zesilwane, ezazisetshenziswa njengezitsha zokuphuza, njengezitsha zamafutha, njengento yokufaka u-inki nezimonyo, nanjengezinsimbi zomculo nezinto zokwenza uphawu. (1Sa 16:1, 13; 1Kh 1:39; Hez 9:2) "Uphondo" luvame ukusetshenziswa ngokomfanekiso ukuze lumelele amandla, ukunqoba kanye nempumelelo.—Dut 33:17; Mik 4:13; Zak 1:19.

**umPhongolo wesivumelwano.** Yibhokisi elalakhiwe ngokhuni lomtholo lananyekwa ngegolide, lalihlala eNgcwelengcwele yetabernakele, kamuva lahlala eNgcwelengcwele yethempeli elakhiwa uSolomoni. Lalinesembozo segolide esiqinile esinamakherubi amabili abhekene. Izinto ezibalulekile ezaziphakathi kwakungamatshe amabili ayizicaba eMiyalo Eyishumi. (Dut 31:26; 1Kh 6:19; Heb 9:4)—Bheka iSithasiselo B5 no-B8.

**umPhostoli.** Umqondo owumgogodla waleli gama uwukuthi "othunyiwe," lisetshenziswa kuJesu nakwabathile ababethunywe ngenjongo yokukhonza abanye. Izikhathi eziningi lisetshenziswa kubafundi uJesu abakhetha ngokuqondile baba iqembu labangu-12 abangabameleli abamisiwe.—Mar 3:14; IzE 14:14.

**iPhurimi.** Umkhosi waminyaka yonke owawugujwa ngomhla ka-14 no-15 ngenyanga ka-Adari. Kusuke kukhunjulwa ukukhululwa kwamaJuda ekuqothulweni ngesikhathi seNdlovukazi u-Esteri. Leli gama elithi *pu·rim′* okungelona elesiHebheru lisho "izinkatho." UMkhosi WePhurimi noma uMkhosi Wezinkatho, waqanjwa ususelwa esenzweni sikaHamani sokwenza iPhure (iNkatho) ukuze anqume usuku ayezofeza ngalo itulo lakhe lokuqothula amaJuda.—Est 3:7; 9:26.

**iPimi.** Isisindo nenani amaFilisti ayelikhokhisa umuntu lapho emlolela amathuluzi ensimbi ahlukahlukene. Amatshe amaningana esisindo atholakala emivubukulweni kwa-Israyeli anezinhlamvu ezingongwaqa zesiHebheru sasendulo zegama elithi "ipimi"; isisindo sawo silinganiselwa ku-7,8 g, cishe okungaba yizingxenye ezimbili kwezintathu zeshekeli.—1Sa 13:20, 21.

**i-*Porneia*.**—Bheka elithi UKUZIPHATHA KABI NGOKOCANSI.

**umPristi.** Umuntu owayemelela uNkulunkulu ngokusemthethweni kubantu ayebakhonza, ebafundisa ngoNkulunkulu nangemithetho yakhe. Abapristi babephinde bamelele abantu phambi kukaNkulunkulu, banikele imihlatshelo, bangenele futhi banxusele abantu. Ngaphambi kokuba kumiswe uMthetho KaMose, inhloko yomndeni yayiba ngumpristi womndeni wayo. Ngaphansi koMthetho KaMose, kwakhethwa abesilisa bomndeni ka-Aroni wesizwe samaLevi ukuba babe abapristi. Wonke amanye amaLevi esilisa ayengabasizi babo. Ekumisweni kwesivumelwano esisha, u-Israyeli ongokomoya waba yisizwe sabapristi, uJesu Kristu waba uMpristi Ophakeme.—Eks 28:41; Heb 9:24; IsA 5:10.

**umPristi omkhulu.** Elinye igama elisho "umpristi ophakeme" emiBhalweni YesiHebheru. EmiBhalweni YamaKristu YesiGreki, inkulumo ethi "abapristi abakhulu" yayibhekisela emadodeni ayinhloko ayengabapristi, cishe kuhlanganisa nanoma yibaphi abapristi abakhulu abehliswe esikhundleni nezinhloko zezigaba zabapristi ezingu-24.—2Kr 26:20; Ezr 7:5; Mat 2:4; Mar 8:31.

**umPristi ophakeme.** Ngaphansi koMthetho KaMose, ngumpristi oyinhloko owayemelela abantu phambi kukaNkulunkulu eqondisa nabanye abapristi. Ubuye abizwe ngokuthi "umpristi omkhulu." (2Kr 26:20; Ezr 7:5) Nguye yedwa owayevumeleke ukungena eNgcwelengcwele, igumbi elingaphakathi etabernakele, kamuva ethempelini. Wayenza kanjalo kuphela uma kuwuSuku Lokuhlawulelwa lwaminyaka yonke. Inkulumo ethi "umpristi ophakeme" ibuye isetshenziswe nakuJesu Kristu.—Lev 16:2, 17; 21:10; Mat 26:3; Heb 4:14.

**umProfethi.** Umuntu uNkulunkulu abikezela ngaye izinjongo zaKhe. Abaprofethi babengabakhulumeli bakaNkulunkulu, bengagcini nje ngokudlulisela izibikezelo zokuzokwenzeka kodwa nezimfundiso zikaJehova, imiyalo nezahlulelo zakhe.—Amo 3:7; 2Pe 1:21.

**isiProfetho.** Umyalezo ophefumulelwe, kungaba isambulo mayelana nentando kaNkulunkulu noma ukumenyezelwa kwaso. Isiprofetho singaba yimfundiso ephefumulelwe mayelana nokuziphatha, amazwi awumyalo kaNkulunkulu noma isahlulelo noma isibikezelo sokuthile okuzokwenzeka.—Hez 37:9, 10; Dan 9:24; Mat 13:14; 2Pe 1:20, 21.

**umProselithe.** Umuntu oguqukele kwenye inkolo. EmiBhalweni, leli gama libhekisela kumuntu owamukele inkolo yobuJuda, okwakudingeka asokwe uma engowesilisa.—Mat 23:15; IzE 13:43.

## Q

**isiQalekiso.** Ukusongela noma ukusho inkulumo yokumfisela okubi umuntu noma okuthile. Akufanele kuphanjaniswe nenhlamba noma nolaka olukhulu. Ngokuvamile isiqalekiso siyisimemezelo esenziwayo noma ukubikezelwa kobubi, lapho senziwa uNkulunkulu noma umuntu onegunya siba njengesiprofetho futhi siba namandla.—Gen 12:3; Num 22:12; Gal 3:10.

**abaQaphi Bombusi.** Iqembu lamasosha aseRoma elamiswa ukuba libe onogada bombusi waseRoma. Leli qembu laba namandla kwezombusazwe ekusekeleni noma ekuketuleni umbusi.—Flp 1:13.

**isiQephu sesifuba.** Isiqephu esihlotshiswe ngobucwebe esasigqokwa umpristi ophakeme wakwa-Israyeli phezu kwenhliziyo yakhe noma nini lapho engena eNgcwele. Sasibizwa ngokuthi "isiqephu sesifuba sokwahlulela" ngoba sasine-Urimi neThumimi, okwakusetshenziselwa ukwembula izahlulelo zikaJehova. (Eks 28:15-30)—Bheka iSithasiselo B5.

**umQondisi.** Njengoba lisetshenziswe kumaHubo, leli gama lesiHebheru kubonakala li-

bhekisela kumuntu ngandlela thile owayehlela izingoma futhi eqondisa ukuculwa kwazo, owayeprakthizisa futhi eqeqesha abaculi abangamaLevi, aze ahole ngisho nalapho kuculwa ngokoqobo. Abanye abahumushi bahumusha leli gama ngokuthi "isikhulu kwezomculo" noma "umbhidi."—Hu 4:0; 5:0.

**umQulu.** Umdweshu omude wesikhumba noma wephaphirasi, obhalwe ohlangothini olulodwa, ngokuvamile owawugoqelwa endukwini. ImiBhalo yayibhalwa futhi ikopishelwa emiqulwini, okuwuhlobo lwencwadi yangesikhathi sokubhalwa kweBhayibheli.—Jer 36:4, 18, 23; Luk 4:17-20; 2Ti 4:13.

## R

**uRahabi.** Igama elisetshenziswa ngokomfanekiso encwadini kaJobe, eyamaHubo nekaIsaya (akufanele liphanjaniswe noRahabi ongowesifazane osencwadini kaJoshuwa). Encwadini kaJobe, umongo wenza kukhanye ukuthi uRahabi okukhulunywa ngaye uyisilwane esikhulu sasolwandle; kanti kwezinye izindawo lesi silwane esikhulu sasolwandle sifanekisela iGibhithe.—Job 9:13; Hu 87:4; Isay 30:7; 51:9, 10.

## S

**iSabatha.** Livela egameni lesiHebheru elisho "ukuphumula; ukuyeka." Usuku lwesikhombisa lweviki lamaJuda (luqala ekushoneni kwelanga ngoLwesihlanu kuze kube sekushoneni kwelanga ngoMgqibelo). Ezinye izinsuku zemikhosi ethile phakathi nonyaka, kanye nonyaka wesikhombisa noka-50, nayo yayibizwa ngokuthi amasabatha. Ngosuku lweSabatha, kwakungafanele kwenziwe msebenzi ngaphandle kwenkonzo yabapristi endlini engcwele. NgamaSabatha eminyaka, kwakufanele kungalinywa ezweni futhi amaHebheru ayengacindezelwa ukuba akhokhe izikweletu. EMthethweni KaMose, imithetho enqabela izinto ezithile ngeSabatha yayicabangela, kodwa abaholi benkolo kancane kancane banezela kuleyo mithetho, kangangokuthi ngosuku lukaJesu kwase kunzima kubantu ukuba bayigcine.—Eks 20:8; Lev 25:4; Luk 13:14-16; Kol 2:16.

**abaSadusi.** Ihlelo elivelele lenkolo yobuJuda elalakhiwa abantu abayizikhulu abacebile nabapristi ababenegunya elikhulu ezintweni ezazenziwa ethempelini. Babewenqaba amasiko amaningi adluliselwa ngomlomo ayegcinwa abaFarisi kanye nezinye izinkolelo zabaFarisi. Babengakholelwa ovukweni noma ukuthi kunezingelosi. Babemphikisa uJesu.—Mat 16:1; IzE 23:8.

**amaSamariya.** Igama ekuqaleni elalibhekisela kuma-Israyeli ombuso osenyakatho wezizwe eziyishumi kodwa ngemva kokunqotshwa kweSamariya ngabase-Asiriya ngo-740 B.C.E., lahlanganisa nezifiki ezalethwa kule ndawo ngabase-Asiriya. Ngosuku lukaJesu, kunokuba leli gama libhekisele ohlangeni noma kwezombusazwe, ngokuvamile lalibhekisela kulabo ababengamalungu ehlelo lenkolo elaliseduze neShekemi yasendulo naseSamariya. Amalungu ale nkolo ayenezinkolelo ezithile ezazihluke kakhulu kwezobuJuda.—Joh 8:48.

**iSamariya.** Kwakuyinhloko-dolobha yombuso wakwa-Israyeli wezizwe eziyishumi zasenyakatho iminyaka engaba ngu-200, negama layo yonke indawo eyayingaphansi kwalo mbuso. Leli dolobha lalakhiwe entabeni enegama elifanayo. Ngesikhathi sikaJesu, iSamariya kwakuyigama lesifunda esasiphakathi kweGalile elisenyakatho neJudiya eliseningizimu. Ngokuvamile uJesu wayekugwema ukushumayela kule ndawo ohambweni lwakhe kodwa ngezinye izikhathi wayedlula khona akhulume nezakhamuzi zakhona. UPetru wasebenzisa isihluthulelo sesibili soMbuso esingokomfanekiso lapho amaSamariya amukela umoya ongcwele. (1Kh 16:24; Joh 4:7; IzE 8:14)—Bheka iSithasiselo B10.

**iSanhedrini.** Yinkantolo ephakeme yamaJuda eyayiseJerusalema. Ngosuku lukaJesu, yayinamalungu angu-71, kuhlanganise nompristi ophakeme nabanye abake baba sesikhundleni sokuba abapristi abaphakeme, amalungu emindeni okuvela kuyo abapristi abaphakeme, amadoda amadala, izinhloko zezizwe nezemindeni kanye nababhali.—Mar 15:1; IzE 5:34; 23:1, 6.

**uSathane.** Yigama lesiHebheru elisho "uMphikisi." Lapho lisetshenziswe njengesiqu ezilimini zokuqala, libhekisela kuSathane uDeveli, iSitha sikaNkulunkulu esiyinhloko.—Job 1:6; Mat 4:10; IsA 12:9.

**ukuSebenzelana nemimoya.** Inkolelo yokuthi imimoya yabantu abafile ayifi lapho umuntu efa nokuthi ingakwazi ukuxhumana nabaphilayo futhi iyakwenza lokho, ikakhulukazi isebenzisa umuntu (osebenzelana nemimoya) owamukela ithonya layo. Igama lesiGreki elisho "ukusebenzelana nemimoya" lithi *phar·ma·ki′a,* ngokwezwi nezwi

okusho ukuthi "ukudakisa ngezidakamizwa." Leli gama laqala ukuhlotshaniswa nokusebenzelana nemimoya ngenxa yokuthi endulo kwakusetshenziswa izidakamizwa lapho kucelwa amandla emademonini ukuze kwenziwe ubuthakathi.—Gal 5:20; IsA 21:8.

**Sela.** Yigama elisetshenziswa emculweni noma elivela ngokuphindaphindiwe kumaHubo nakuHabakuki. Lingase lisho ukuthi yima kancane lapho ucula noma lapho udlala izinsimbi zomculo, noma kokubili, ngenjongo yokuzindla buthule noma ukuze wenze okusanda kushiwo kugqame. Ku-*Septuagint* yesiGreki libekwe ngokuthi *di·aʹpsal·ma,* futhi lichazwa "njengekhefana lomculo."—Hu 3:4; Hab 3:3.

**amaSerafi.** Yizidalwa zomoya ezizungeze isihlalo sobukhosi sikaJehova ezulwini. Igama lesiHebheru elithi *sera·phimʹ* ngokwegama negama lisho "abavuthayo."—Isay 6:2, 6.

**iSeya.** Isitsha sokukala okomile. Uma siliqhathanisa nesilinganiso sebhati esikala uketshezi, lilingana no-7,33 L. (2Kh 7:1)—Bheka iSithasiselo B14.

**isiShayo.** EmiBhalweni YesiHebheru, leli gama livame ukubhekisela enhluphweni, esifweni noma enhlekeleleni eyisijeziso elethwa uJehova. EmiBhalweni YamaKristu YesiGreki, libhekisela ekushayeni noma ekubhaxabuleni ngesiswebhu esasinamafindo noma nameva ekugcineni.—Num 16:49; Joh 19:1.

**Shebhathi.** Yigama lenyanga ka-11 yekhalenda lamaJuda elingcwele ngemva kokudingiselwa eBhabhiloni, kanye nenyanga yesihlanu yekhalenda lamaJuda elivamile. Yayiqala phakathi noJanuwari ize iphele phakathi noFebhuwari. (Zak 1:7)—Bheka iSithasiselo B15.

**iShekeli.** Yisisindo sesiHebheru nenani lemali. Isisindo salo sasingu-11,4 g. Inkulumo ethi "ishekeli lendawo engcwele" kungenzeka yayisetshenziselwa ukugcizelela ukuthi isisindo kufanele sinembe noma sivumelane nesisindo esinqunyiwe esigcinwa etabernakele. Kungenzeka kwakuneshekeli lasebukhosini (elihlukile eshekelini elivamile) noma isisindo esinqunyiwe esigcinwa esigodlweni.—Eks 30:13.

**iSheminiti.** Igama elisebenza emculweni ngokwezwi nezwi elisho "okwesishiyagalombili" okungenzeka libhekisela emanothini omculo adlalela phansi. Ezinsimbini zomculo leli gama cishe lalibhekisela kulezo ezazikhipha umsindo webhesi. Ezingomeni cishe lalibhekisela emculweni oshayela phansi futhi kuculelwe phansi.—1Kr 15:21; Hu 6:0; 12:0.

**iShiyoli.** Yigama lesiHebheru elihambisana negama lesiGreki elithi "Hayidesi." Lihunyushwe ngokuthi "iThuna" (ngosonhlamvukazi), ukuze kube nomahluko phakathi kwalo njengethuna elivamile lesintu nethuna lomuntu ngamunye.—Gen 37:35; Hu 16:10; IzE 2:31 (imibhalo yaphansi).

**okweShumi.** Ingxenye eyodwa kweziyishumi noma amaphesenti angu-10 anikezwa noma akhokhwa njengentela, ikakhulukazi ngenjongo engokwenkolo. Ukukunikela kubizwa ngokuthi 'ukunikela okweshumi.' (Mal 3:10; Dut 26:12; Mat 23:23) Ngaphansi koMthetho KaMose, okweshumi komkhiqizo wezwe nokweshumi komhlambi wezinkomo nowezimvu nowezimbuzi lapho wanda, kwakunikwa amaLevi unyaka nonyaka ukuze asekelwe. AmaLevi ayenikela okweshumi kwalokhu kweshumi kubapristi abayinzalo ka-Aroni ukuze abasekele. Kwakukhona nokunye okweshumi okwakunikelwa. Akuyona imfuneko kumaKristu ukuba anikele okweshumi.

**iSimiso sezinto.** Ukuhunyushwa kwegama lesiGreki elithi *ai·onʹ* lapho libhekisela endleleni izinto eziyiyo manje noma ezicini ezihlukanisa isikhathi esithile, inkathi noma iminyaka. IBhayibheli likhuluma "ngesimiso samanje sezinto," lapho libhekisela endleleni izinto eziyiyo manje ezweni nasendleleni abantu abaphila ngayo. (2Ti 4:10) Esebenzisa isivumelwano soMthetho, uNkulunkulu waletha isimiso sezinto abanye abangase basibize ngokuthi inkathi yama-Israyeli noma yamaJuda. Ngomhlatshelo wakhe wesihlengo, uJesu Kristu wasetshenziswa uNkulunkulu ukuze alethe isimiso zezinto esihlukile, leso ngokuyinhloko esihlanganisa ibandla lamaKristu agcotshiwe. Lokhu kwaba yisiqalo senkathi entsha, ebonakala ngezinto ezingokoqobo ezazifanekiselwa yisivumelwano soMthetho. Lapho le nkulumo isebuningini, ibhekisela ezimisweni zezinto ezihlukahlukene, noma indlela izinto ebezilokhu ziyiyo noma ezizoba yiyo.—Mat 24:3; Mar 4:19; Rom 12:2; 1Ko 10:11.

**iSinagoge.** Yigama elisho "ukuhlangana ndawonye; umhlangano," kodwa emibhalweni eminingi, lisho isakhiwo noma indawo amaJuda ayehlangana kuyo ukuze afunde imiBhalo, athole isiqondiso, ashumayele noma athandaze. Ngosuku lukaJesu, wonke ama-

dolobhana amakhulu kwa-Israyeli ayenesinagoge futhi emadolobheni amakhulu ayeba ngaphezu kwelilodwa.—Luk 4:16; IzE 13:14, 15.

**iSiriya; AmaSiriya.**—Bheka elithi UMARAMU; AMA-ARAMU.

**iSirti.** Igama lamatheku amakhulu angajulile asogwini lwaseLibhiya, eNyakatho Afrika, ayesatshwa amatilosi asendulo ngenxa yokuthi ayenezihlabathi eziyingozi ezazilokhu zihlehla ngenxa yemisinga yamanzi. (IzE 27:17)—Bheka iSithasiselo B13.

**Sivani.** Ngemva kokudingiselwa eBhabhiloni leli kwaba yigama lenyanga yesithathu yekhalenda elingcwele lamaJuda nenyanga ka-9 yekhalenda elivamile. Yayiqala phakathi noMeyi iphele phakathi noJuni. (Est 8:9)—Bheka iSithasiselo B15.

**uSizi olukhulu.** Igama lesiGreki elithi "usizi" lidlulisa umqondo wokucindezeleka noma ukuhlupheka okubangelwa izimo ezicindezelayo. UJesu wakhuluma "ngosizi olukhulu" olungakaze lube khona olwaluzokwehlela iJerusalema, ikakhulu lolo kamuva olwaluzokwehlela sonke isintu ngokuqondene nokubuya kwakhe esikhathini esizayo 'eza nenkazimulo.' (Mat 24:21, 29-31) UPawulu wachaza lolu sizi njengesenzo sokulunga sikaNkulunkulu ngokumelene 'nalabo abangamazi uNkulunkulu nalabo abangazilaleli izindaba ezinhle' ezimayelana noJesu Kristu. IsAmbulo 19 sikhuluma ngoJesu njengalowo ohola ibutho lasezulwini ngokumelene 'nesilo sasendle namakhosi omhlaba namabutho awo.' (2Th 1:6-8; IsA 19:11-21) "Isixuku esikhulu" kukhulunywa ngaso njengesiyosinda kulolo sizi. (IsA 7:9, 14)—Bheka I-ARMAGEDONI.

**ukuSoka.** Ukusika ijwabu esithweni sangasese somuntu wesilisa. U-Abrahama nenzalo yakhe kwakumele basoke nakanjani, kodwa akuyona imfuneko kumaKristu. Leli gama libuye lisetshenziswe ngokomfanekiso ezindabeni ezihlukahlukene.—Gen 17:10; 1Ko 7:19; Flp 3:3.

**uSuku Lokuhlawulelwa.** Usuku olungcwele olubaluleke kunazo zonke kuma-Israyeli, lubizwa nangokuthi iYom Kippur (elisuselwa egameni lesiHebheru elithi *yohm hak·kip·purim′,* "usuku lokwemboza"), olwaluba ngoEthanimi 10. Lolu kwakuwukuphela kosuku onyakeni umpristi ophakeme ayengena ngalo eNgcwelengcwele yetabernakele, kamuva ethempelini. Lapho wayefike anikele ngegazi lemihlatshelo ngenxa yezono zakhe, izono zamanye amaLevi kanye nezono zabanye abantu. Kwakuyisikhathi somhlangano ongcwele nesokuzila ukudla, kwakuphinde kube isabatha, isikhathi okwakungenziwa ngaso imisebenzi evamile.—Lev 23:27, 28.

**uSuku Lokwahlulela.** Usuku oluthile noma inkathi lapho amaqembu athile, izizwe, noma abantu beyolandisa khona kuNkulunkulu. Kungase kube yisikhathi okuyobulawa ngaso labo abahlulelwe njengabafanelwe ukufa, noma isahlulelo singase sivulele abanye ithuba lokuba basindiswe batholе nokuphila okuphakade. UJesu Kristu nabaphostoli bakhe bakhuluma "ngoSuku Lokwahlulela" oluzayo olungahlanganisi nje abaphilayo kuphela kodwa nalabo asebashona.—Mat 12:36.

## T

**iTabernakele.** Itende lokukhulekela elithuthekayo elalisetshenziswa ama-Israyeli ngemva kokuFuduka esuka eGibhithe. Kwakuhlala kulo umphongolo wesivumelwano kaJehova, owawumelela ukuba khona kukaNkulunkulu futhi laliyindawo yokwenza imihlatshelo nokukhulekela. Ngezinye izikhathi libuye libizwe nangokuthi "itende lokuhlangana." Laliwuhlaka lwamapulangwe lase limbozwa ngezembozo zelineni ezithungelwe umfanekiso wamakherubi. Lalinamagumbi amabili, elokuqala libizwa ngokuthi iNgcwele, bese kuthi elesibili libizwe ngokuthi iNgcwelengcwele. (Jos 18:1; Eks 25:9)—Bheka iSithasiselo B5.

**uTamuzi.** (1) Igama likankulunkulu wamanga owayekhalelwa abesifazane abangamaHebheru ayizihlubuki eJerusalema. Kuye kwathiwa uTamuzi wayeyinkosi eyenziwa unkulunkulu ngemva kokufa. Emibhalweni yamaSumer, uTamuzi ubizwa ngokuthi uDumuzi futhi ubhekwa njengomyeni noma isithandwa sikankulunkulukazi wenzalo u-Inanna (u-Ishtar waseBhabhiloni). (Hez 8:14) (2) Ngemva kokudingiselwa eBhabhiloni, leli kwaba yigama lenyanga yesine yamaJuda yekhalenda elingcwele noma inyanga yeshumi yekhalenda elivamile. Le nyanga yayiqala phakathi noJuni iphele phakathi noJulayi.—Bheka iSithasiselo B15.

**iTende lokuhlangana.** Inkulumo ebhekisela etendeni likaMose netabernakele elingcwele elamiswa okokuqala ehlane.—Eks 33:7; 39:32.

**ubuThakathi.** Ukusebenzisa amandla okuvunywayo ukuthi avela emimoyeni emibi.—2Kr 33:6.

**iThalenta.** Igama elisho isisindo sesiHebheru esikhulu kunazo zonke nenani lemali. Isisindo salo sasingu-34,2 kg. Ithalenta lesiGreki lalilincane, linesisindo cishe esingu-20,4 kg. (1Kr 22:14; Mat 18:24)—Bheka iSithasiselo B14.

**uThando oluqotho.** Le nkulumo ivame ukuhunyushwa isuselwa egameni lesiHebheru elithi *che′sedh,* elibhekisela othandweni olushukunyiswa isibopho, ukwethembeka, ubuqotho, nokunamathela ngokuqinile entweni. Ivame ukusetshenziswa ihlotshaniswa nothando lukaNkulunkulu ngabantu, kodwa iphinde ibe uthando abantu ababonisana lona.—Eks 34:6; Rut 3:10.

**isiThando somlilo.** Okuthile kokuncibilikisa itshe elinensimbi noma insimbi; sisetshenziselwa nokushisa izitsha zobumba nezinye izinto. Ngezikhathi zeBhayibheli, isithando somlilo sasenziwe ngezitini noma ngamatshe. Isithando somlilo sokushisa izitsha zobumba nezinto zobumba nomcako sibuye sibizwe ngokuthi uhhonela.—Gen 15:17; Dan 3:17; IsA 9:2.

**iThartharusi.** EmiBhalweni YamaKristu YesiGreki, leli gama lisho isimo esinjengejele lapho izingelosi ezazingalaleli ngosuku lukaNowa ezaphonswa khona. Kweyesi-2 Petru 2:4, ukusetshenziswa kwesenzo esithi *tar·ta·ro′o* (‘ukuphonsa eThartharusi’) asibonisi ukuthi “izingelosi ezona” zaphonswa eThartharusi lenganekwane yamaqaba (okuwukuthi, ijele elingaphansi komhlaba nendawo yobumnyama yonkulunkulu abaphansi). Kunalokho, sibonisa ukuthi uNkulunkulu wazehlisa endaweni yazo yasezulwini waziphuca namalungelo ezazinawo zase zehliselwa esimweni sobumnyama obukhulu bengqondo ngokuqondene nezinjongo zikaNkulunkulu ezikhazimulayo. Ubumnyama busho nesiphetho sazo, imiBhalo ebonisa ukuthi siwukubhujiswa phakade kanye nombusi wazo, uSathane uDeveli. Ngakho, iThartharusi lisho isimo esiphansi kakhulu ezehliselwa kuso lezo zingelosi eziyizihlubuki. Ayifani nendawo ‘yakwalasha’ okukhulunywa ngayo kusAmbulo 20:1-3.

**iThebeti.** Ngemva kokudingiselwa eBhabhiloni, leli kwaba yigama lenyanga yeshumi yekhalenda lamaJuda elingcwele nenyanga yesine yekhalenda elivamile. Yayiqala phakathi noDisemba iphele phakathi noJanuwari. Ivame ukubizwa ngokuthi nje ‘inyanga yeshumi.’ (Est 2:16)—Bheka iSithasiselo B15.

**iziThelo zokuqala.** Izithelo ezivunwa kuqala ngenkathi yokuvuna; isivuno sokuqala noma imikhiqizo yanoma yini. UJehova wayala isizwe sakwa-Israyeli ukuba sinikele ngezithelo zaso zokuqala kuye, kungakhathaliseki ukuthi umuntu, isilwane, noma isithelo esivela emhlabathini. Isizwe sakwa-Israyeli sanikela ngezithelo zokuqala kuNkulunkulu ngoMkhosi Wesinkwa Esingenamvubelo nangePhentekoste. Inkulumo ethi “izithelo zokuqala” yayiphinde isetshenziswe ngokomfanekiso ibhekisela kuKristu nabalandeli bakhe abagcotshiwe.—1Ko 15:23; Num 15:21; IzA 3:9; IsA 14:4.

**iThempeli.** Isakhiwo esasiseJerusalema esathatha indawo yetabernakele elithuthekayo njengesikhungo esiyinhloko sokukhulekela sama-Israyeli. Ithempeli lokuqala lakhiwa uSolomoni futhi lacekelwa phansi abaseBhabhiloni. Elesibili lakhiwa uZerubhabhele ngemva kokubuya ekudingisweni eBhabhiloni futhi kamuva laphinde lakhiwa kabusha uHerode Omkhulu. EmiBhalweni, ithempeli lalivame ukubizwa nje ngokuthi “indlu kaJehova.” (Ezr 1:3; 6:14, 15; 1Kr 29:1; 2Kr 2:4; Mat 24:1)—Bheka iSithasiselo B8 no-B11.

**umThenwa.** Ngokwezwi nezwi, lisho owesilisa otheniwe. Amadoda anjalo ayevame ukumiswa esigodlweni njengabalindi noma abanakekeli bendlovukazi nezancinza. Leli gama liphinde libhekisele endodeni, eyayingeyena umthenwa ngomqondo ongokoqobo, kodwa isikhulu esasabelwe imisebenzi esigodlweni senkosi. Lisetshenziswe ngokomfanekiso libhekisela kwethi ‘umthenwa ngenxa yoMbuso,’ lowo ozithibayo ukuze azinikele ngokugcwele enkonzweni kaNkulunkulu.—Mat 19:12; Est 2:15; IzE 8:27.

**amaTherafi.** Onkulunkulu bomndeni noma izithixo, ngezinye izikhathi okwakufunwa kubo amabika. (Hez 21:21) Amanye ayelingana nomuntu futhi emise okwakhe, kanti amanye ayemancane kakhulu. (Gen 31:34; 1Sa 19:13, 16) Okutholakale emivubukulweni eMesophothamiya kubonisa ukuthi ukuba nezithombe zamatherafi yikho okwakunquma ukuthi ubani ozothola ifa lomndeni. (Lokhu kungaba yisizathu esenza uRaheli wathatha amatherafi kayise.) Akubonakali

sengathi kwakwenziwa kanjalo kwa-Israyeli, nakuba babekhona ababekhonza izithombe zamatherafi ezinsukwini zabahluleli kanye nezamakhosi, futhi zazikhona phakathi kwezinto ezaqothulwa yiNkosi uJosiya.—Hlu 17:5; 2Kh 23:24; Hos 3:4.

**isiThixo; Ukukhonza izithixo.** Isithixo siwumfanekiso, singamelela noma yini engokoqobo noma ecatshangwayo abantu abangase bayikhonze. Ukukhonza izithixo kuwukukhothama, ukuthanda, ukukhulekela, noma ukuhlonipha isithixo.—Hu 115:4; IzE 17:16; 1Ko 10:14.

**iThuna.** Uma libhalwe ngamagama amancane, libhekisela ethuneni lomuntu; uma libhalwe ngosonhlamvukazi, libhekisela ethuneni elivamile lesintu, ngesiHebheru "okuyiShiyoli," ngesiGreki "iHayidesi." EBhayibhelini lichazwa njengendawo engokomfanekiso noma isimo lapho kushabalala khona yonke imisebenzi futhi ungasaphili.—Gen 47:30; Shu 9:10; IzE 2:31.

**iThuna (abasenkumbulweni kaNkulunkulu).** Indawo yokungcwaba okufakwa kuyo isidumbu somuntu. Leli gama lihunyushwe egameni lesiGreki elithi *mne·mei′on,* elivela esenzweni esithi "khumbuza," okudalula ukuthi umuntu oshonile uyakhunjulwa.—Joh 5:28, 29.

**ukweThwasa kwenyanga.** Usuku lokuqala lwenyanga ngayinye yekhalenda lamaJuda, olwalugcinwa njengosuku lokuhlangana ndawonye, kube nedili, kwenziwe nemihlatshelo ekhethekile. Ngokuhamba kwesikhathi, lolu suku lwaba usuku lomkhosi obalulekile wesizwe futhi abantu babengasebenzi ngalo.—Num 10:10; 2Kr 8:13; Kol 2:16.

**Tishri.**—Bheka elithi ETHANIMI neSithasiselo B15.

**isiTokisi.** Ithuluzi lokubopha umuntu ukuze ajeziswe. Amanye ala mathuluzi ayebopha izinyawo kuphela kuyilapho amanye ayenza umzimba uhlale kabuhlungu, mhlawumbe abophe izinyawo, izandla nentamo.—Jer 20:2; IzE 16:24.

**iTopiya.** Isizwe sasendulo esasiseningizimu yeGibhithe. Kuso kwakunengxenye eseningizimu yeGibhithe neSudan yanamuhla. Leli gama ngezinye izikhathi lisetshenziswa egameni lesiHebheru elithi "Kushe."—Est 1:1.

**iTshe legumbi.** Yitshe elalibekwa ekhoneni lesakhiwo lapho kuhlangana khona izindonga ezimbili, lalibalulekile ekuzihlanganiseni. Itshe legumbi eliyinhloko yilo elaliyisisekelo; ngokuvamile kwakukhethwa eliqine kakhulu lapho kwakhiwa izakhiwo zomphakathi nezindonga zedolobha. Leli gama lisetshenziswe ngomqondo ongokomfanekiso lapho kukhulunywa ngesisekelo somhlaba, uJesu kukhulunywa ngaye 'njengetshe legumbi eliyisisekelo' lebandla lobuKristu, elifaniswa nendlu engokomoya.—Efe 2:20; Job 38:6.

**iTshe lokugaya.** Yitshe eliyindilinga elalibekwa phezu kwetshe elinjengalo nelalisetshenziselwa ukugaya ukudla okusanhlamvu ukuze kube ufulawa. Itshe elingaphezulu lalizungeza esikhonkwaneni esasifakwe phakathi nendawo etsheni elingezansi. Ngezikhathi zeBhayibheli, amatshe okugaya ayesetshenziswa abesifazane yiwona ayesebenza emakhaya amaningi. Njengoba emndenini ukutholakala kwesinkwa sosuku kwakuncike etsheni lokugaya, uMthetho KaMose wawukwenqabela ukuba lithathwe noma ukuba kubanjiswe ngengxenye yalo engaphezulu. Amatshe amakhulu ohlobo olufanayo ayephendulwa yizilwane.—Dut 24:6; Mar 9:42.

## U

**i-Urimi neThumimi.** Izinto ezazisetshenziswa umpristi ophakeme ngendlela efanayo nokwakusetshenziswa ngayo inkatho ukuze kutholakale intando kaNkulunkulu lapho kudingeka impendulo evela kuJehova mayelana nemibuzo ebalulekile ethinta isizwe. I-Urimi neThumimi kwakufakwa esiqeshini sesifuba sompristi ophakeme lapho engena etabernakele. Kubonakala sengathi lezi zinto zayeka ukusetshenziswa lapho abaseBhabhiloni becekela phansi iJerusalema.—Eks 28:30; Neh 7:65.

## V

**isiValo sesihlawulelo.** Isivalo somphongolo wesivumelwano, umpristi ophakeme ayefafaza phambi kwawo igazi lomnikelo wesono ngoSuku Lokuhlawulelwa. Leli gama lesiHebheru livela esenzweni esisho "ukumboza (isono)" noma mhlawumbe "ukwesula (isono)." Sasenziwe ngegolide kuphela, sinamakherubi amabili, ngalinye lisephethelweni ngalinye lesivalo. Ngezinye izikhathi sibizwa ngokuthi nje "isivalo." (Eks 25:17-22; 1Kr 28:11; Heb 9:5)—Bheka iSithasiselo B5.

**imVubelo.** Yinto efakwa enhlameni noma kokuthile okuwuketshezi ukuze kukhukhumale

noma kubile; ikakhulukazi engxenyeni yenhlama enemvubelo esale kuleyo ebisetshenziswa. EBhayibhelini livame ukusetshenziswa njengophawu lwesono nenkohlakalo, libuye lisetshenziselwe ukubonisa into ekhula ngasese, ibe nkulu.—Eks 12:20; Mat 13:33; Gal 5:9.

**uVuko.** Ukuvuka ekufeni. Igama lesiGreki elithi *a·na′sta·sis* ngokwezwi nezwi lisho "ukuphakama; ukusukuma." Kunezenzakalo zovuko ezingu-9 okukhulunywa ngazo eBhayibhelini, kuhlanganise nokuvuka kukaJesu evuswa uJehova uNkulunkulu. Nakuba okunye ukuvuswa kwabantu kwenziwa u-Eliya, u-Elisha, uJesu, uPetru noPawulu, ngokusobala lezi zimangaliso zenziwa ngamandla kaNkulunkulu. Uvuko lwasemhlabeni "lwabalungile nabangalungile" lusemqoka enjongweni kaNkulunkulu. (IzE 24:15) IBhayibheli likhuluma nangovuko lwasezulwini, olubizwa ngokuthi uvuko "lokuqala," oluthinta abafowabo bakaJesu abagcotshwe ngomoya.—Flp 3:11; IsA 20:5, 6; Joh 5:28, 29; 11:25.

**isiVumelwano.** Isivumelwano esingokomthetho noma inkontileka phakathi kukaNkulunkulu nabantu noma phakathi kwamaqembu amabili abantu sokwenza into ethile noma sokungayenzi. Ngezinye izikhathi kwakuba yiqembu elilodwa kuphela elalinesibopho sokufeza imibandela (isivumelwano sohlangothi olulodwa, okwakuyisithembiso). Ngezinye izikhathi womabili amaqembu ayebeka imibandela yokufeza (isivumelwano sanhlangothi zombili). Ngaphandle kwezivumelwano ezazenziwa uNkulunkulu nabantu, iBhayibheli likhuluma ngezivumelwano eziphakathi kwabantu, izinhlanga, izizwe noma amaqembu abantu. Phakathi kwezivumelwano ezazibaluleke kakhulu kubalwa nalezo uNkulunkulu azenza no-Abrahama, uDavide, isizwe sakwa-Israyeli (isivumelwano soMthetho), no-Israyeli kaNkulunkulu (isivumelwano esisha).—Gen 9:11; 15:18; 21:27; Eks 24:7; 2Kr 21:7.

## Z

**iZazi zefilosofi ezingamaStoyiku.** Isikole samaGreki sezazi zefilosofi ezazikholelwa ukuthi injabulo incike ekuphileni ngokusebenzisa ingqondo nangokuvumelana nemvelo. Ngokombono wazo, umuntu ohlakaniphe ngempela wayengenandaba nobuhlungu noma nobumnandi.—IzE 17:18.

**uZeyusi.** Unkulunkulu ophakeme wamaGreki ayekhonza onkulunkulu abaningi. EListra, benza iphutha lokucabanga ukuthi uBarnaba unguZeyusi. Imibhalo eqoshiwe yasendulo eyatholakala eduze kwaseListra ikhuluma "ngabapristi bakaZeyusi" kanye "noZeyusi unkulunkulu welanga." Umkhumbi uPawulu ayehamba ngawo esuka esiqhingini saseMelitha ngaphambili wawubhalwe ukuthi "amaDodana KaZeyusi," okuwukuthi, amadodana angamawele uCastor noPollux.—IzE 14:12; 28:11.

**iZibulo.** Ngokuyinhloko, indodana yokuqala kababa (kunokuba kuthiwe indodana yokuqala kamama). Ngezikhathi zeBhayibheli, indodana yokuqala yayinesikhundla esihloniphekile emndenini futhi yayinikwa ilungelo lobunhloko emndenini lapho kushona uyise. Leli gama liphinde libhekisele esilwaneni sokuqala seduna esizelwe.—Eks 11:5; 13:12; Gen 25:33; Kol 1:15.

**ukuZila ukudla.** Ukugwema konke ukudla okwesikhathi esithile. Ama-Israyeli ayezila ukudla ngoSuku Lokuhlawulelwa, ngezikhathi zosizi, nalapho edinga isiqondiso saphezulu. AmaJuda asungula ukuba kuzilwe ukudla izikhathi ezine minyaka yonke ukuze kukhunjulwe izinhlekelele ezenzeka emlandweni wawo. Ukuzila ukudla akuyona imfuneko kumaKristu.—Ezr 8:21; Isay 58:6; Luk 18:12.

**Zivi.** Igama lokuqala lenyanga yesibili yekhalenda elingcwele lamaJuda nenyanga ka-8 yekhalenda elivamile. Yayiqala phakathi no-Ephreli iphele phakathi noMeyi. Ibizwa ngokuthi u-Iyari kuyi-Talmud lamaJuda nakweminye imibhalo yangemva kokudingiselwa eBhabhiloni. (1Kh 6:37)—Bheka iSithasiselo B15.

**iZiyoni; iNtaba iZiyoni.** Igama ledolobha lamaJebusi elinezivikelo laseJebusi elalisegqumeni eningizimu-mpumalanga yeJerusalema. Ngemva kokuba uDavide elinqobile, wakha isigodlo sakhe lapho esibizwa ngokuthi "iDolobha LikaDavide." (2Sa 5:7, 9) IZiyoni yaba yintaba engcwele ngokukhethekile kuJehova lapho uDavide ethuthela uMphongolo kuleyo ndawo. Kamuva, leli gama lalihlanganisa nendawo yethempeli eseNtabeni iMoriya futhi ngezinye izikhathi lalisetshenziswa lapho kubhekiselwa kulo lonke idolobha laseJerusalema. Livame ukusetshenziswa ngokomfanekiso emiBhalweni YamaKristu YesiGreki.—Hu 2:6; 1Pe 2:6; IsA 14:1.

A1

# Iziqondiso Zokuhumusha IBhayibheli

Ekuqaleni, iBhayibheli lalibhalwe ngezilimi zasendulo: isiHebheru, isi-Aramu nesiGreki. Namuhla litholakala ngezilimi ezingaphezu kuka 3 000, liphelele noma liyingxenye. Iningi labantu abafunda iBhayibheli aliziqondi izilimi zokuqala, ngakho kumele lincike kokuhunyushiwe. Yiziphi iziqondiso okufanele zilandelwe lapho kuhunyushwa iBhayibheli, futhi lezi ziqondiso zisebenze kanjani ekuhunyushweni kwale *Nguqulo Yezwe Elisha YemiBhalo Engcwele?*

Abanye bangase baphethe ngokuthi indlela yokuhumusha yegama negama, efana neye-*interlinear* ingenza umfundi athole lokho okucishe kufane nalokho okwakubhalwe ezilimini zokuqala. Nokho, akunjalo ngempela. Cabangela izizathu ezimbalwa:

- Azikho izilimi ezimbili ezifana ncamashi ngokohlelo lolimi, amagama nokwakheka kwemisho. Uprofesa wolimi lwesiHebheru, uS. R. Driver, wabhala ukuthi izilimi "azihluki nje kuphela ngokohlelo lolimi nangomsuka wazo, kodwa . . . nangendlela imiqondo eyakhiwa ngayo ibe imisho." Izilimi ezihlukahlukene zidinga izindlela zokucabanga ezingafani. UProfesa uDriver uyaqhubeka, "ngenxa yalokho, indlela imisho ebekwa ngayo ayifani ngokwezilimi."
- Alukho ulimi lwanamuhla olunamagama nohlelo lolimi okufana ncamashi nesiHebheru, isi-Aramu nesiGreki seBhayibheli, ngakho ukuhumusha iBhayibheli igama negama kungase kungacaci noma ngezinye izikhathi kungadlulisela ngisho nomqondo oyiphutha.
- Incazelo yegama noma yenkulumo ingase ihluke kuye ngomongo esetshenziswe kuwo.

Umhumushi angase akwazi ukuveza umqondo wegama negama wolimi lokuqala ezindaweni ezithile, kodwa lokhu kumele kwenziwe ngokucophelela okukhulu.

Nazi ezinye izibonelo zendlela ukuhumusha igama negama okungase kuqondakale ngayo ngokungeyikho:

• EmiBhalweni, igama elithi 'ukulala' lolimi lokuqala lingasho ukulala ubuthongo nokulala kokufa. (Mathewu 28:13; Johane 11:11) Lapho leli gama lisetshenziswe endabeni ekhuluma ngokufa, abahumushi beBhayibheli bamane nje bathi 'ukufa' ukuze bagweme ukudideka.—1 Korinte 7:39; 1 Thesalonika 4:13; 2 Petru 3:4.

• Umphostoli uPawulu wasebenzisa inkulumo etholakala kweyabase-Efesu 4:14 ngokwegama negama engahunyushwa ngokuthi "ngokudlala kwamadoda idayisi." Lesi sisho sasendulo sichaza umkhuba wokukhohlisa abanye kusetshenziswa idayisi. Ezilimini eziningi, ukuhumusha le nkulumo igama negama kuyenza ingaqondakali kahle. Ukuhumusha le nkulumo ngokuthi "ngokukhohlisa kwabantu" yindlela ecacile yokudlulisela incazelo.

• KweyabaseRoma 12:11, kusetshenziswe inkulumo yesiGreki ngokwegama negama esho ukuthi "ukubila emoyeni." Le ndlela ayidluliseli incazelo ehlosiwe esiZulwini, ngakho ihunyushwe ngokuthi "vuthani emoyeni" kule nguqulo.

• ENtshumayelweni yakhe yaseNtabeni edumile, uJesu wasebenzisa inkulumo evame ukuhunyushwa ngokuthi "Babusisiwe abampofu emoyeni." (Mathewu 5:3, *IBhayibheli Elingcwele*) Kodwa ezilimini eziningi, ukuhumusha le nkulumo igama negama kuyawufihla umqondo. Kwezinye izimo, ukuhumusha le nkulumo igama negama kungasho nokuthi "abampofu emoyeni" bagula ngekhanda noma abanamdlandla futhi abazimisele. Nokho, uJesu lapha wayefundisa abantu ukuthi injabulo yabo yayingancikile ekwaneliseni izidingo zabo zenyama, kodwa ekuqapheleni ukuthi badinga isiqondiso sikaNkulunkulu. (Luka 6:20) Ngakho, indlela yokuhumusha ethi "abaqaphelayo ukuthi bayamdinga uNkulunkulu" noma "abaqaphela isidingo sabo esingokomoya" idlulisela incazelo enembe kakhudlwana yenkulumo yokuqala.—Mathewu 5:3; *The New Testament in Modern English.*

ΟΙ ΠΤΩΧΟΙ
ΤΩ ΠΝΕΥΜΑΤΙ

MATHEWU 5:3

Igama negama ngesiZulu: "abampofu emoyeni"

Umqondo: "abaqaphelayo ukuthi bayamdinga uNkulunkulu"

• Ezindaweni eziningi, igama lesiHebheru elihunyushwe ngokuthi "isikhwele" nangokuthi "umona" lihambisana nencazelo evamile yegama lesiZulu, okuwukuthi, ukucasulwa ukungathembeki komuntu osondelene naye noma ukuhalela izinto zabanye abantu. (IzAga 6:34; Isaya 11:13) Nokho, igama elifanayo lesiHebheru liphinde lisho into enhle. Ngokwesibonelo, lingase lisetshenziselwe ukuchaza 'intshiseko,' noma ukuvikela ngothando uJehova akubonisa izinceku zakhe noma ukuchaza 'ukufuna ukuzinikela kuye

ngokuphelele.' (Eksodusi 34:14; 2 AmaKhosi 19:31; Hezekeli 5:13; Zakariya 8:2) Lingasetshenziselwa nokuchaza 'intshiseko' izinceku zikaNkulunkulu ezithembekile ezinayo ngaye nokukhulekelwa kwakhe noma 'ukungakubekezeleli kwazo nhlobo ukuba khona kwembangi' yakhe.—IHubo 69:9; 119:139; Numeri 25:11.

- Inkulumo yesiHebheru evame ukubhekisela esandleni somuntu inezincazelo eziningi ezingafani. Leli gama lingahunyushwa ngokuthi "igunya," 'isandla esivulekile' noma 'amandla' kuye ngomongo. (2 Samuweli 8:3; 1 AmaKhosi 10:13; IzAga 18:21) Empeleni, leli gama lihunyushwe ngezindlela ezingu-40 ezingafani kuyi-*Nguqulo Yezwe Elisha YemiBhalo Engcwele* yesiZulu.

יד

Igama lesiHebheru elithi *yadh* livame ukuhunyushwa ngokuthi "isandla," kodwa leli gama lingahunyushwa nangokuthi "igunya," 'isandla esivulekile' noma 'amandla' nangezinye izindlela eziningi, kuye ngomongo

Uma sibheka lezi zibonelo, ukuhumusha iBhayibheli kuhilela okungaphezu nje kokuhumusha igama lolimi lokuqala ngegama elifanayo lolunye ulimi njalo lapho livela. Umhumushi kumele anqume kahle ukuze akhethe amagama olimi ahumushela kulo awuveza kahle umqondo wombhalo wolimi lokuqala. Ngaphezu kwalokho, kunesidingo sokwakha imisho ngendlela evumelana nemithetho yohlelo lolimi okuhunyushelwa kulo, ukuze kufundeke kalula.

Ngesikhathi esifanayo, kumele kugwenywe ukushintsha amagama ngokweqile. Umhumushi oshintsha indaba eseBhayibhelini ayibeke ngokwendlela yena aqonda ngayo angase ayishintshe incazelo yendaba. Kanjani? Umhumushi angase ngephutha afake umbono wakhe ngalokho acabanga ukuthi kushiwo umbhalo wokuqala noma angase akhiphe imininingwane ebalulekile esembhalweni wokuqala. Nakuba iBhayibheli elibekwe ngenye indlela lingase lifundeke kalula, ngezinye izikhathi lingase limvimbe umfundi ekutholeni umyalezo wangempela walokho okushiwo umbhalo.

Ukuchema nezimfundiso ezithile zenkolo kungawuthonya kalula umsebenzi womhumushi. Ngokwesibonelo, uMathewu 7:13 uthi: "Uvulekile umgwaqo oholela ekubhujisweni." Abanye abahumushi, mhlawumbe becheme nezimfundiso ezithile zenkolo, baye basebenzisa igama elithi "esihogweni" esikhundleni salokho igama lesiGreki elikushoyo ngempela, okuwukuthi, "ekubhujisweni."

Umhumushi weBhayibheli kumele acabangele nokuthi iBhayibheli labhalwa kusetshenziswa ulimi oluvamile, olukhulunywa abantu abangafundile kangako nsuku zonke, abanjengabalimi, abelusi nabadobi. (Nehemiya 8:8, 12; IzEnzo 4:13) Ngakho-ke, ukuhunyushwa kahle

kweBhayibheli kwenza umyalezo eliwuqukethe uqondakale kubantu abaqotho, noma ngabe banasiphi isizinda. Amagama acacile, ajwayelekile, aqondakala kalula angcono kunamagama umuntu ongafundile kangako angajwayele ukuwasebenzisa.

Abahumushi beBhayibheli abaningana bazenzele umathanda bakhipha igama likaNkulunkulu elithi Jehova, ezinguqulweni zanamuhla ngisho noma leli gama litholakala emibhalweni yeBhayibheli yesandla yasendulo. (Bheka iSithasiselo A4) Izinguqulo eziningi zikhiphe igama likaNkulunkulu zafaka isiqu, esinjengesithi "Nkosi," futhi ezinye zize zenze kungaqondakali ukuthi uNkulunkulu unegama. Ngokwesibonelo, kwezinye izinguqulo, umthandazo kaJesu otholakala kuJohane 17:26 uthi: "Ngibazisile ngawe," bese uJohane 17:6 athi: "Ngikwembulile kulabo onginike bona." Nokho, indlela ethembekile yokuhumusha umthandazo kaJesu ithi: "Ngibazisile *igama lakho,*" iphinde ithi "Ngibazisile *igama lakho* abantu onginike bona."

Njengoba kushiwo kusandulela se-*Nguqulo Yezwe Elisha* yokuqala yesiNgisi: "Asiyibeki ngamazwi ethu imiBhalo. Umzamo wethu kukho konke bekuwukuhumusha igama negama uma kungenzeka, uma inkulumo yesiNgisi yanamuhla ikuvumela lokho nalapho ukuhumusha igama negama kungawufihli umqondo ngenxa yokungahleleki kahle kwamagama." Ngakho, iKomiti YeBhayibheli LeNguqulo Yezwe Elisha yenze umzamo wokulinganisela phakathi kokusebenzisa amagama nendlela yokubeka edlulisela umqondo wolimi lokuqala futhi ngesikhathi esifanayo, igweme ukusebenzisa amagama angafundeki kalula noma afihla umyalezo obuhlosiwe. Ngenxa yalokho, umfundi angalifunda kalula iBhayibheli futhi angaqiniseka ngokuthi umyalezo walo ophefumulelwe udluliselwe ngokwethembeka.—1 Thesalonika 2:13.

---

## Inguqulo enokwethenjelwa kumele:

- Ingcwelise igama likaNkulunkulu ngokulibuyisela endaweni yalo efanele emiBhalweni.—Mathewu 6:9.
- Iwudlulisele ngokunembile umyalezo wolimi lokuqala owaphefumulelwa uNkulunkulu.—2 Thimothewu 3:16.
- Ihumushe igama negama lombhalo wokuqala uma indlela yokubeka amagama nokwakheka kwemisho yolimi okuhunyushelwa kulo ikuvumela lokho.
- Idlulisele umqondo onembile wegama noma wenkulumo uma ukuhumusha igama negama kuyishintsha noma kuyifihla incazelo.
- Isebenzise ulimi olungokwemvelo, oluqondakala kalula olwenza umuntu akuthande ukufunda.—Nehemiya 8:8, 12.

A2

# Okutholakala Kule Nguqulo

---

*INguqulo Yezwe Elisha YemiBhalo YamaKristu YesiGreki* yakhululwa ngesiNgisi ngo-1950, kwathi *iNguqulo Yezwe Elisha YemiBhalo Engcwele* ephelele yanyatheliswa ngo-1961. Kusukela ngaleso sikhathi, amashumi ezigidi zabafundi abakhuluma izilimi ezingaphezu kuka-210 baye bazuza kule nguqulo enembile kodwa efundeka kalula yemiBhalo Engcwele ethathwe ezilimini zokuqala.

Nokho, eminyakeni engamashumi amahlanu edlule izilimi ziye zashintsha. IKomiti YeBhayibheli LeNguqulo Yezwe Elisha yamanje ibone kunesidingo sokwenza lezo zinguquko ukuze kufinyelelwe inhliziyo yomfundi wanamuhla. Ngenxa yaleso sizathu, kule nguqulo, kwenziwe ushintsho endleleni yokubhala nasemagameni asetshenzisiwe sinalo mgomo olandelayo engqondweni:

- **Ukusetshenziswa kolimi lwanamuhla, oluqondakalayo.** Ngokwesibonelo, igama elithi "ubulili" lingase lidlulisele umqondo wokuthi kukhulunywa "ngobulili" obuhlukanisa ukuthi umuntu owesilisa noma owesifazane. Nokho, umqondo osuke uhlosiwe owokuya ocansini. (Kolose 3:5) Igama elingasajwayelekile elithi "ulibo" lakhishwa kwafakwa inkulumo ethi "izithelo zokuqala." (IzAga 3:9) Kule nguqulo, ebelithi "ubufebe" emavesini amaningi lihunyushwe ngokuthi "ukuziphatha kabi ngokocansi"; ebelithi "ukuziphatha okubi" lihunyushwe ngokuthi "ukuziphatha kabi okuhambisana nendelelo"; ebelithi "imibuthano exokozelayo" lihunyushwe ngokuthi "imicimbi exokozelayo." (Galathiya 5:19-21) Inkulumo ethi "nini nanini" ikhishiwe, esikhundleni sayo kwafakwa inkulumo enjengethi "kuze kube phakade," "phakade," noma "kudala," ukuze kudluliselwe umqondo ohlosiwe endabeni ngayinye.—Genesise 3:22; Eksodusi 31:16; IHubo 90:2; UmShumayeli 1:4; Mika 5:2.
- **Ukucaciswa kwamagama aseBhayibhelini.** Amanye amagama asetshenziswe kuyi-*Nguqulo Yezwe Elisha* yesiZulu edlule, ngokuvamile kwakudingeka achazwe ukuze aqondakale ngendlela efanele. Ngokwesibonelo, eBhayibhelini kusetshenziswe igama lesiHebheru elithi "iShiyoli" negama lesiGreki elithi "iHayidesi" lapho kukhulunywa ngethuna elivamile lesintu. Abantu abaningi abawazi lawo magama, futhi elithi "iHayidesi" linezincazelo ezimbili ngenxa yokusetshenziswa kwalo ezinganekwaneni zesiGreki. Ngakho, esikhundleni sala magama amabili kufakwe lokho ababhali beBhayibheli ababeqonde ukuku-

sho, "iThuna." Igama elithi "iShiyoli" nelithi "iHayidesi" manje asefakwe emibhalweni yaphansi.—IHubo 16:10; IzEnzo 2:27.

Ezinguqulweni ezidlule, igama lesiHebheru elithi *ne′phesh* nelesiGreki elithi *psy·khe′* njalo ayehunyushwa ngokuthi "umphefumulo." Ngenxa yemibono eminingi eyiphutha mayelana nencazelo yegama elithi "umphefumulo," le ndlela yokuhumusha yayisiza umfundi abone ukuthi ababhali beBhayibheli abaphefumulelwe bawasebenzisa kanjani la magama olimi lokuqala. Kuye ngomongo, lawo magama angasho (1) umuntu, (2) ukuphila komuntu, (3) izidalwa eziphilayo, (4) izifiso zomuntu noma kwezinye izimo (5) abantu abafile. Nokho, njengoba igama elithi "umphefumulo" lingavamile ukusetshenziswa ngalezi zindlela olimini lwesiZulu, kwenziwa isinqumo sokuhumusha la magama ezilimi zokuqala ngokuvumelana nencazelo ehlosiwe, kwezinye izindawo kufakwe nombhalo waphansi othi "Noma 'umphefumulo.'" (Ngokwesibonelo bheka uGenesise 1:20; 2:7; Levitikusi 19:28; Hubo 3:2; IzAga 16:26; Mathewu 6:25.) Nokho, ezindabeni ezithile ezisankondlo noma ezaziwayo, igama elithi "umphefumulo" ligciniwe endabeni, kwafakwa nombhalo waphansi oqondisa umfundi oHlwini Lwezincazelo Zamagama noma kwanikezwa enye indlela yokulihumusha.—Duteronomi 6:5; Hubo 131:2; IzAga 2:10; Mathewu 22:37.

Ngokufanayo, igama elithi "inso" ligciniwe lapho kushiwo inso uqobo. Nokho, lapho lisetshenziswe ngokomfanekiso emavesini anjengeHubo 7:9 no-26:2 nesAmbulo 2:23, endabeni kubhalwe ukuthi "imizwa ejulile" noma "imicabango ejulile" okuwumqondo ohlosiwe, kwathi okushiwo yigama negama kwafakwa embhalweni waphansi.

Njengegama lesiHebheru nelesiGreki, igama lesiZulu elithi "inhliziyo" linencazelo yenhliziyo engokoqobo nengokomfanekiso, ngakho ngokuvamile laligcinwa endabeni. Nokho, emavesini lapho umqondo ungacaci khona, kuhunyushwe ngendlela ecacile. Ngokwesibonelo, encwadini yezAga, inkulumo ebithi "uswele inhliziyo" manje isithi "untula ukuhlakanipha," okushiwo yigama negama kwase kufakwa embhalweni waphansi. (IzAga 6:32; 7:7) Ngokwesibonelo, amanye amagama anjengathi 'ukunona,' "inyama" nelithi "uphondo," ahunyushwe ngendlela efanayo, ngokomongo. (Genesise 45:18; UmShumayeli 5:6; Jobe 16:15) Ezinye zalezi zinkulumo kukhulunywa ngazo "oHlwini Lwezincazelo Zamagama AseBhayibhelini."

Zonke izinguquko ezenziwe eBhayibhelini zenziwe ngosizo lomthandazo, ngokucophelela nangenhlonipho ejulile ngomsebenzi omuhle weKomiti YeBhayibheli LeNququlo Yezwe Elisha yokuqala.

**Okunye okutholakala kule nguqulo:**

Le nguqulo yeBhayibheli inemibhalo yaphansi engeminingi kakhulu. Imibhalo yaphansi ngokuvamile ingena ngaphansi kwezigaba ezilandelayo:

| | |
|---|---|
| **"Noma"** | Ezinye izindlela okungabekwa ngazo umbhalo wesiHebheru, isi-Aramu nesiGreki ezizodlulisela umqondo ofanayo.—Genesise 1:2, umbhalo waphansi egameni elithi "umoya" noJoshuwa 1:8, "ngezwi eliphansi." |
| **"Noma kungaba"** | Ezinye izindlela okungabekwa ngazo umbhalo ezizodlulisela umqondo ohlukile kodwa obalulekile. —Genesise 21:6, "uzojabula kanye nami"; Zakariya 14:21, "nomKhanani." |
| **"NgesiHebheru; Ngesi-Aramu; NgesiGreki"** | Ukuhunyushwa kwegama negama noma kwencazelo eyisisekelo yenkulumo yolimi lokuqala yesiHebheru, yesi-Aramu neyesiGreki.—Genesise 30:22, "akhulelwe"; Eksodusi 32:9, "abanenkani." |
| **Incazelo nemininingwane echazayo** | Incazelo yamagama (Genesise 3:17, "Adamu"; Eksodusi 15:23, "eMara"); imininingwane ephathelene nezisindo nezikali (Genesise 6:15, "amamitha"); isabizwana (Genesise 38:5, "Wayese-"); imininingwane ewusizo etholakala eSithasiselweni nasoHlwini Lwezincazelo Zamagama.—Genesise 37:35, "iThuna"; Mathewu 5:22, "iGehena." |

Ingxenye esekuqaleni enesihloko esithi "Isethulo SeZwi LikaNkulunkulu" inohlu lwezimfundiso eziyisisekelo ezitholakala eBhayibhelini. Lapho nje kuphela izincwadi zeBhayibheli, kulandela ingxenye ethi "Ithebula Lezincwadi ZeBhayibheli," ethi "Izikhombo Zamagama AseBhayibhelini" kanye nethi "UHlu Lwezincazelo Zamagama AseBhayibhelini." UHlu Lwezincazelo Zamagama lusiza umfundi aqonde izinkulumo ezithile ngokwendlela ezisetshenziswe ngayo eBhayibhelini. ISithasiselo A sinezingxenye ezilandelayo: "Iziqondiso Zokuhumusha IBhayibheli," "Okutholakala Kule Nguqulo," "Indlela IBhayibheli Elafika Ngayo Kithi," "Igama LikaNkulunkulu EmiBhalweni YesiHebheru," "Igama LikaNkulunkulu EmiBhalweni YamaKristu YesiGreki," "Ishadi: Abaprofethi Namakhosi AkwaJuda Nawakwa-Israyeli" nethi "Izenzakalo Ezibalulekile Ekuphileni KukaJesu Kwasemhlabeni." ISithasiselo B sinamabalazwe, amashadi neminye imininingwane ewusizo kubafundi beBhayibheli abakhuthele.

Kuleli Bhayibheli, incwadi ngayinye inohlu lokuqukethwe yisahluko ngasinye, oluhambisana namavesi anikeza umfundi amazwibela ayo yonke incwadi. Phakathi nendawo ekhasini ngalinye kunezikhombo ezihlobana eduze namavesi ezithathwe enguqulweni edlule yeBhayibheli.

A3

# Indlela IBhayibheli Elafika Ngayo Kithi

UMlobi noMsunguli weBhayibheli uphinde abe uMlondolozi walo. NguYe owenza ukuba kulotshwe la mazwi:

"Izwi likaNkulunkulu wethu lihlala kuze kube phakade."
—Isaya 40:8.

La mazwi ayiqiniso, nakuba ingasekho namuhla imibhalo yesandla yokuqala yeBhayibheli yemiBhalo YesiHebheru neYesi-Aramu* noma yemiBhalo YamaKristu YesiGreki. Pho singaqiniseka kanjani ukuthi lokho okubhalwe eBhayibhelini esinalo namuhla yikho ngempela okushiwo yimibhalo yokuqala ephefumulelwe?

## ABAKOPISHI BALONDOLOZA IZWI LIKANKULUNKULU

Ngokuqondene nemiBhalo YesiHebheru, ingxenye yempendulo itholakala esikweni lasendulo elasungulwa nguNkulunkulu owathi imibhalo kufanele ikopishwe.# Ngokwesibonelo, uJehova wayala amakhosi akwa-Israyeli ukuba azikopishele uMthetho. (Duteronomi 17:18) Ngaphezu kwalokho, uNkulunkulu wanikeza amaLevi umsebenzi wokulondoloza uMthetho nokufundisa abantu ngawo. (Duteronomi 31:26; Nehemiya 8:7) Ngemva kokudingiselwa kwamaJuda eBhabhiloni, kwaba khona iqembu labakopishi noma lababhali (amaSopher). (Ezra 7:6, umbhalo waphansi) Ngokuhamba kwesikhathi, labo babhali benza amakhophi amaningi ezincwadi ezingu-39 zemiBhalo YesiHebheru.

Phakathi namakhulu eminyaka, ababhali bazikopisha ngokucophelela lezi zincwadi. NgeNkathi Ephakathi, iqembu lababhali abangamaJuda elalaziwa ngokuthi amaMasorete laqhubeka nalo msebenzi. Umbhalo wesandla wamaMasorete ophelele omdala kakhulu yi-*Leningrad Codex,* eyakopishwa ngawo-1008/1009 C.E. Nokho, pha-

* Ibizwa ngokuthi yimiBhalo YesiHebheru kusukela lapha kuya phambili.

# Esinye isizathu esenza kwadingeka ukuba kukopishwe imibhalo yesandla ukuthi eyokuqala yayibhalwe ezintweni ezigugayo.

kathi neminyaka yawo-1900, kwatholakala imibhalo yesandla yeBhayibheli engu-220 noma izinsalela zayo emiQulwini YasoLwandle Olufile. Leyo mibhalo yesandla yeBhayibheli yayimidala ngeminyaka engaphezu kweyinkulungwane kune-*Leningrad Codex.* Ukuqhathanisa imiQulu YasoLwandle Olufile ne-*Leningrad Codex* kuqinisekisa leli phuzu elisemqoka: Nakuba imiQulu YasoLwandle Olufile ihlukile endleleni ebhalwe ngayo, lokho kwehluka akuwuphazamisi umyalezo ngokwawo.

Kuthiwani-ke ngezincwadi ezingu-27 zemiBhalo YamaKristu YesiGreki? Ekuqaleni lezo zincwadi zabhalwa abanye bababphostoli bakaJesu Kristu kanye nabanye abafundi bokuqala abambalwa. Elandela isiko lababhali abangamaJuda, amaKristu okuqala azikopisha lezo zincwadi. (Kolose 4:16) Naphezu kwemizamo yoMbusi WaseRoma uDiocletian kanye nabanye yokucekela phansi zonke izincwadi zamaKristu okuqala, izinkulungwane zezinsalela nemibhalo yesandla emidala kuye kwalondolozwa kwaze kwaba namuhla.

Imibhalo yamaKristu yahunyushelwa nakwezinye izilimi. Izinguqulo zokuqala zeBhayibheli zihlanganisa ezezilimi zakudala ezinjengesi-Armenia, isiCopt, isi-Ethiopia, isiGeorgia, isiLatini nesiSiriya.

“Kungashiwo ngokuqiniseka ukuthi awukho omunye umsebenzi obhaliwe wasendulo odluliselwe ngokunembe kanje”

### UKUTHOLA IMIBHALO YESIHEBHERU NEYESIGREKI UKUZE IHUNYUSHWE

Akuwona wonke amakhophi emibhalo yesandla yeBhayibheli akudala asebenzise amagama afanayo. Pho singazi kanjani ukuthi umbhalo wokuqala wawuthini?

Lokhu singakufanisa nothisha ocela abafundi abangu-100 ukuba bakopishe isahluko esisodwa sencwadi. Ngisho noma leso sahluko sokuqala besingalahleka kamuva, ukuqhathaniswa kwala makhophi angu-100 bekuyoveza ukuthi umbhalo wokuqala wawuthini. Nakuba umfundi ngamunye engalenza iphutha, mancane amathuba okuthi bonke abafundi benze amaphutha afana ncamashi. Ngokufanayo, lapho izazi ziqhathanisa izinkulungwane zezinsalela namakhophi akudala ezincwadi zeBhayibheli ezinawo, zingakwazi ukulibona iphutha lomkopishi futhi zithole ukuthi umbhalo wokuqala wawuthini.

Singaqiniseka kangakanani ukuthi imiqondo esemibhalweni yeBhayibheli yokuqala idluliselwe ngokunembile kithi? Siphawula ngalokho okusemiBhalweni YesiHebheru, isazi uWilliam H. Green sathi: “Kungashiwo ngokuqiniseka ukuthi awukho omunye umsebenzi obhaliwe wasendulo odluliselwe ngokunembe kanje.” Ngokuqondene nemiBhalo YamaKristu YesiGreki, noma lokho okubizwa ngokuthi iTestamente Elisha, isazi seBhayibheli uF. F. Bruce sabhala:



Isahluko 40 sencwadi ka-Isaya esithathwe emiQulwini YasoLwandle Olufile (okulinganiselwa ukuthi eyango-125 kuya ku-100 B.C.E.)

Lapho siqhathaniswa nemibhalo yesandla yesiHebheru cishe yeminyaka eyinkulungwane kamuva, mncane kakhulu umahluko owatholakala, ikakhulukazi amaphutha endleleni okubhalwe ngayo amagama



Isahluko 40 sencwadi ka-Isaya esithathwe kuyi-*Aleppo Codex* ewumbhalo wesandla wesiHebheru obalulekile wamaMasorete cishe wango-930 C.E.

“Ubufakazi bemibhalo yethu yeTestamente Elisha bukhulu kakhulu kunobufakazi bemibhalo eminingi yababhali bakudala, labo ukunemba kwezinto abazibhala okungangatshazwa nhlobo.” Saphinde sathi: “Ukube iTestamente Elisha beliyiqoqo lemibhalo yabantu nje evamile, ukunemba kwalo bekungeke nhlobo kungatshazwe.”

**Umbhalo WesiHebheru:** *INququlo YeZwe Elisha YemiBhalo YesiHebheru* (1953-1960) yesiNgisi, yayisekelwe kuyi-*Biblia Hebraica*, kaRudolf Kittel. Kusukela ngaleso sikhathi, izinhlelo ezibukeziwe zemibhalo yesiHebheru, okuwukuthi, i-*Biblia Hebraica Stuttgartensia* ne-*Biblia Hebraica Quinta,* ziye zafaka ucwaningo lwamuva olusekelwe emiQulwini YasoLwandle Olufile nakweminye imibhalo yesandla yasendulo. Le misebenzi yezazi isebenzise i-*Leningrad Codex* endabeni kanye nemibhalo yaphansi enendlela yokubeka ehlukile ethathwe kweminye imithombo, ehlanganisa i-*Samaritan Pentateuch*, imiQulu YasoLwandle Olufile, i-*Septuagint* yesiGreki*,* i-*Targums* yesi-Aramu, i-*Vulgate* yesiLatini kanye ne-*Peshitta* yesiSiriya. Kokubili i-*Biblia Hebraica Stuttgartensia* ne-*Biblia Hebraica Quinta* kwahlolwa lapho kwenziwa le *Nguqulo Yezwe Elisha* esinayo manje.

**Umbhalo WesiGreki:** Ngasekupheleni kweminyaka yawo-1800, izazi uB. F. Westcott noF.J.A. Hort zaqhathanisa imibhalo yeBhayibheli yesandla nezinsalela okukhona lapho zenza umbhalo wesiGreki oyinhloko ezazicabanga ukuthi ukuveza kahle okusemibhalweni yokuqala. Maphakathi nawo-1900, iKomiti YeBhayibheli LeNguqulo Yezwe Elisha yasebenzisa lowo mbhalo oyinhloko lapho ihumusha inguqulo yayo. Kwasetshenziswa namanye amaphaphirasi akudala, okucatshangwa ukuthi awangekhulu lesibili nelesithathu C.E. Kusukela ngaleso sikhathi, sekutholakale amanye amaphaphirasi amaningi. Ngaphezu kwalokho, imibhalo eyinhloko enjengaleyo eyabhalwa uNestle no-Aland kanye ne-United Bible Societies inocwaningo lwezazi lwamuva. Okunye okutholakale kulolu cwaningo kufakiwe kule nguqulo.

Uma kubhekwa leyo mibhalo eyinhloko, kuba sobala ukuthi amanye amavesi atholakala ezinguqulweni ezindala zemiBhalo YamaKristu YesiGreki, njengenguqulo i-*King James,* empeleni ayenezelwe abakopishi bakamuva futhi ayengakaze abe yingxenye yemiBhalo ephefumulelwe. Nokho, ngenxa yokuthi ukuhlukaniswa kwamavesi okwamukelwayo ezinguqulweni zeBhayibheli kwase kukhona ngawo-1500, ukukhishwa kwala mavesi kwenza ezinye izinombolo zamavesi zingabi nalutho emaBhayibhelini amaningi. Lawo mavesi uMathewu 17:21; 18:11; 23:14; Marku 7:16; 9:44, 46; 11:26; 15:28; Luka 17:36; 23:17; Johane 5:4; IzEnzo 8:37; 15:34; 24:7; 28:29; neyabaseRoma 16:24. Kule nguqulo ebukeziwe, lawo mavesi angenalutho aphawulwe ngokufakwa kombhalo waphansi lapho ekhishwe khona.

Ngokuphathelene nesiphetho eside sikaMarku 16 (amavesi 9-20), isiphetho esifushane sikaMarku 16 kanye namazwi atholakala

kuJohane 7:53–8:11, kusobala ukuthi alikho nelilodwa kula mavesi elalikhona emibhalweni yesandla yokuqala. Ngakho-ke, lawo mavesi angelona iqiniso awafakwanga kule nguqulo.*

Ezinye izindlela okubekwe ngazo ziye zalungiswa ukuze kufakwe lokho okwamukelwa yizazi njengokuyiveza ngokunembe kakhudlwana incazelo yemibhalo yokuqala. Ngokwesibonelo, ngokweminye imibhalo yesandla uMathewu 7:13 uthi: “Ngenani ngesango elincane, ngoba likhulu *isango* futhi uvulekile umgwaqo oholela ekubhujisweni.” EmaBhayibhelini adlule e-*Nguqulo Yezwe Elisha,* igama elithi “isango” lalingafakwanga evesini. Nokho, ubufakazi bocwaningo olunzulu lwemibhalo yesandla lwaholela esiphethweni sokuthi igama elithi “isango” lalikhona embhalweni wokuqala. Ngakho lifakiwe kule nguqulo. Ziningi ezinye izinto ezilungisiwe ezifana nalokhu. Nokho, akulona ushintsho olukhulu olwenziwe futhi akukho lutho kulokhu kulungisa okushintsha umyalezo weZwi likaNkulunkulu oyisisekelo.

* Eminye imininingwane yokuthi kungani la mavesi ebhekwa njengangelona iqiniso ingatholakala emibhalweni yaphansi ye-*New World Translation of the Holy Scriptures—With References* yesiNgisi, eyanyatheliswa ngo-1984.



Umbhalo wesandla wephaphirasi weyesi-2 Korinte 4:13–5:4 cishe wango-200 C.E.

# A4 Igama LikaNkulunkulu EmiBhalweni YesiHebheru

Igama likaNkulunkulu elimelelwa ongwaqa abane besiHebheru יהוה, livela izikhathi ezicishe zibe ngu-7 000 emiBhalweni YesiHebheru. Le nguqulo ihumusha lezi zinhlamvu ezine, ezaziwa ngokuthi iTetragrammaton ngokuthi "Jehova." Leli gama, yilona elivela kaningi kunanoma yiliphi elinye igama eBhayibhelini. Nakuba abalobi abaphefumulelwe bebiza uNkulunkulu ngeziqu eziningi nangamagama amchazayo anjengalawa, "Mninimandla Onke," "oPhezukonke" nelithi "Nkosi," iTetragrammaton iwukuphela kwegama lakhe langempela abalisebenzisayo lapho bekhuluma ngoNkulunkulu.



Igama likaNkulunkulu ngezinhlamvu zesiHebheru sasendulo esasisetshenziswa ngaphambi kokudingiselwa eBhabhiloni

יהוה

Igama likaNkulunkulu ngezinhlamvu zesiHebheru esasisetshenziswa ngemva kokudingiselwa eBhabhiloni

NguJehova uNkulunkulu ngokwakhe owaqondisa abalobi beBhayibheli ukuba basebenzise igama lakhe. Ngokwesibonelo, waphefumulela umprofethi uJoweli ukuba abhale: "Wonke umuntu obiza igama likaJehova uyosindiswa." (Joweli 2:32) UNkulunkulu waphefumulela umhubi ukuba abhale: "Abantu mabazi ukuthi wena, ogama lakho linguJehova, wena wedwa ungoPhezukonke emhlabeni wonke." (IHubo 83:18) Eqinisweni, igama likaNkulunkulu livela izikhathi ezingaba ngu-700 encwadini yamaHubo nje kuphela—incwadi yezinkondlo ezaziyohaywa futhi zifundwe abantu bakaNkulunkulu. Pho-ke, kungani igama likaNkulunkulu lingekho ezinguqulweni zeBhayibheli eziningi? Kungani le nguqulo isebenzisa igama elithi "Jehova"? Igama likaNkulunkulu elithi Jehova, lisho ukuthini?

**Kungani leli gama lingekho ezinguqulweni eziningi zeBhayibheli?** Izizathu ziyehlukahluka. Abanye banomuzwa wokuthi uNkulunkulu uMninimandla Onke akudingeki abe negama elikhethekile elimhlukanisayo. Abanye kubonakala




Isiqeshana sencwadi yamaHubo esisemQulwini WasoLwandle Olufile owabhalwa engxenyeni yokuqala yekhulu lokuqala C.E. Lesi siqeshana sibhalwe ngezinhlamvu zesiHebheru esasivame ukusetshenziswa ngemva kokudingiselwa eBhabhiloni, kodwa iTetragrammaton ivela ngokuphindaphindiwe ngendlela ephawulekayo ibhalwe ngezinhlamvu zolimi lwesiHebheru sasendulo

sengathi bathonywe isiko lamaJuda lokugwema ukulisebenzisa leli gama, mhlawumbe ngenxa yokwesaba ukulidelela. Nokho, abanye bakholelwa ukuthi njengoba kungekho ongaqiniseka ngokuthi liphinyiselwa kanjani ngempela, kungcono ukusebenzisa isiqu, esinjengokuthi "Nkosi" noma "Nkulunkulu." Nokho, lezi akuzona izizathu ezizwakalayo ngenxa yamaqiniso alandelayo:

- Labo abaphikayo ukuthi uNkulunkulu uMninimandla Onke kudingeka abe negama elikhethekile elimhlukanisayo, bashalazelela ubufakazi bokuthi amakhophi okuqala eZwi lakhe, kuhlanganise nalawo agcinwa kusukela ngesikhathi esingaphambi kwesikaKristu, analo igama likaNkulunkulu. Njengoba kubonisiwe ngenhla, uNkulunkulu waqondisa ukuba igama lakhe livele izikhathi ezingaba ngu-7 000 eZwini lakhe. Ngokusobala, ufuna silazi igama lakhe futhi silisebenzise.
- Abahumushi abasusa leli gama ngenxa yokuhlonipha isiko lamaJuda abaliqapheli iqiniso eliyinhloko. Nakuba abanye ababhali abangamaJuda babenqaba ukuphimisela leli gama, abazange balikhiphe emaBhayibhelini abo. Imiqulu yasendulo eyatholakala eQumran, eduze noLwandle Olufile, inegama likaNkulunkulu ezindaweni eziningi. Abanye abahumushi beBhayibheli babonisa ukuthi igama likaNkulunkulu lalikhona emibhalweni yokuqala ngokufaka isiqu esithi "NKOSI" ngosonhlamvukazi esikhundleni salo. Kodwa umbuzo ulokhu uwukuthi, Kungani laba bahumushi bazizwa bekhululekile ukufaka elinye igama esikhundleni segama likaNkulunkulu noma ukulikhipha ngokuphelele eBhayibhelini nakuba bevuma ukuthi livela izikhathi eziyizinkulungwane emibhalweni yeBhayibheli? Ubani owabanika imvume yokwenza lezi zinguquko? Yibo abaziyo.
- Labo abathi igama likaNkulunkulu akufanele lisetshenziswe ngenxa yokuthi akwaziwa ngokuqondile ukuthi liphinyiselwa kanjani, balisebenzisa ngokukhululekile igama elithi Jesu. Nokho, abafundi bakaJesu bangekhulu lokuqala babeliphimisela ngendlela ehluke kakhulu kuleyo amaKristu amaningi namuhla aliphimisela ngayo. KumaKristu angamaJuda, igama elithi Jesu cishe laliphinyiselwa ngokuthi *Ye·shu′aʽ.* Isiqu esithi "Kristu" sona sasiphinyiselwa ngokuthi *Ma·shi′ach,* noma "Mesiya." AmaKristu ayekhuluma isiGreki ayembiza ngokuthi *I·e·sous′ Khri·stos′,* kanti amaKristu ayekhuluma isiLatini ayethi u-*Ie′sus Chri′stus.* UNkulunkulu waphefumulela ukuba igama lakhe libhalwe ngolimi lwesiGreki eBhayibhelini,

Igama likaNkulunkulu kuGenesise 15:2 enguqulweni kaWilliam Tyndale yePentateuch, yango-1530


After these deades / ÿ worde of God came vnto Abram in a vision sayinge feare not Abram / I am thy shilde/ and thy rewarde shalbe exceadynge greate. And Abram answered: LORde Iehouah what wilt thou geue me: I goo childlesse/ and the cater of myne housse/ this Eleasar of Damasco hath a sonne. And Abram sayd: se/ to me hast thou geuen no seede: lo/ a lad borne in my housse shal be myne heyre.

And beholde/ the worde of the LORde spake vnto Abram sayenge: He shall not

okubonisa ukuthi amaKristu ekhulu lokuqala alandela indlela enengqondo yokusebenzisa igama elalivamile olimini lwawo. Ngendlela efanayo, iKomiti YeBhayibheli LeNguqulo Yezwe Elisha inomuzwa wokuthi kuyafaneleka ukusebenzisa igama elithi “Jehova,” nakuba leyo ndlela ingefani ncamashi nendlela igama likaNkulunkulu elaliphinyiselwa ngayo ngesiHebheru sasendulo.

**Kungani *INguqulo Yezwe Elisha* isebenzisa igama elithi “Jehova”?** NgesiZulu, izinhlamvu ezine zeTetragrammaton (יהוה) zimelelwa ongwaqa abathi *YHWH*. ITetragrammaton ayinabo onkamisa, njengoba wonke amagama esiHebheru sasendulo ayengenabo. Ngesikhathi isiHebheru sasendulo sisasetshenziswa njalo, abafundi babevele bazifakele kalula onkamisa abafanele.

Ngemva kweminyaka ecishe ibe yinkulungwane imiBhalo YesiHebheru iqediwe, izazi ezingamaJuda zasungula indlela yezimpawu zokuphimisela, eyayiyobonisa ukuthi yibaphi onkamisa okufanele basetshenziswe lapho kufundwa isiHebheru. Nokho, ngaleso sikhathi, amaJuda amaningi ayenenkolelo-ze yokuthi kubi ukuphimisela igama likaNkulunkulu, ngakho asebenzisa ezinye iziqu esikhundleni salo. Ngakho, kubonakala sengathi lapho ekopisha iTetragrammaton, ahlanganisa onkamisa beziqu *ezisetshenziswa esikhundleni segama likaNkulunkulu* kanye nongwaqa abane abamelela igama likaNkulunkulu. Ngenxa yalokho, imibhalo yesandla enalezo zimpawu zonkamisa ayisizi ekunqumeni ukuthi igama likaNkulunkulu lalibizwa kanjani ngesiHebheru. Abanye banomuzwa wokuthi laliphinyiselwa ngokuthi “Yahweh,” kuyilapho abanye besikisela ezinye izindlela. UmQulu WasoLwandle Olufile onesiqeshana sikaLevitikusi ngesiGreki

uhumusha igama likaNkulunkulu ngokwezwi nezwi ngokuthi *Iao.* Ngaphandle kwaleyo ndlela, abalobi bokuqala besiGreki babuye basikisele ukuthi liphinyiselwa ngokuthi *Iae, I·a·beʹ,* nangokuthi *I·a·ou·eʹ.* Noma kunjalo, asikho isizathu sokugomela ngendlela ethile yokuliphimisela. Kalula nje, asazi ukuthi izinceku zikaNkulunkulu zasendulo zaziliphimisela kanjani leli gama ngesiHebheru. (Genesise 13:4; Eksodusi 3:15) Esikwaziyo ukuthi uNkulunkulu wasebenzisa igama lakhe ngokuphindaphindiwe lapho ekhuluma nabantu bakhe, ukuthi babembiza ngalelo gama nokuthi babelisebenzisa ngokukhululekile lapho bekhuluma nabanye.—Eksodusi 6:2; 1 AmaKhosi 8:23; IHubo 99:9.

Pho-ke, kungani le nguqulo isebenzisa igama elithi “Jehova”? Kungenxa yokuthi iyona ndlela igama likaNkulunkulu ebelilokhu libhalwa ngayo olimini lwesiZulu.

**Lisho ukuthini igama elithi Jehova?** NgesiHebheru, igama elithi Jehova livela esenzweni esisho ukuthi “ukuba kube khona,” futhi izazi zeBhayibheli eziningi zinomuzwa wokuthi leli gama liyimpambosi yokwenzisa yaleso senzo sesiHebheru. Ngakho, iKomiti YeBhayibheli LeNguqulo Yezwe Elisha iqonda igama likaNkulunkulu ngokuthi “Ubangela Ukuba Kube Khona.” Izazi zeBhayibheli zinemibono ehlukene, ngakho ngeke sagomela ngale ncazelo. Noma kunjalo, le ncazelo iyifanela kahle indima kaJehova njengoMdali wazo zonke izinto noMgcwalisi wenjongo yakhe. Akazange nje abangele ukuba indalo ebonakalayo nezidalwa ezihlakaniphile kube khona, kodwa njengoba izinto zembuleka, uyaqhubeka ebangela ukuba intando yakhe igcwaliseke.

𐤉𐤄𐤅𐤄 יהוה

ITetragrammaton, *YHWH:* “Ubangela Ukuba Kube Khona”

𐤄𐤅𐤄 הוה

Isenzo esithi *HWH:* “ukuba kube khona”

Ngakho-ke, incazelo yegama elithi Jehova ayisho nje kuphela isenzo esihlobana nalo esitholakala ku-Eksodusi 3:14, othi: “Ngiyoba Yilokho Engikhetha Ukuba Yikho” noma “Ngiyoba Yilokho Engiyoba Yikho.” Uma kuhlolisiswa, lawo mazwi awalichazi ngokuphelele igama likaNkulunkulu. Kunalokho, embula okuthile ngobuntu bukaNkulunkulu, abonisa ukuthi uba yilokho okudingekayo esimweni ngasinye ukuze agcwalise injongo yakhe. Ngakho, nakuba igama likaJehova lingase lihlanganise lo mqondo, alisho nje kuphela lokho yena ngokwakhe akhetha ukuba yikho. Liphinde lihlanganise lokho yena abangela ukuba kwenzeke ngokuphathelene nendalo yakhe nokugcwaliseka kwenjongo yakhe.

A5

# Igama LikaNkulunkulu EmiBhalweni YamaKristu YesiGreki

Izazi zeBhayibheli ziyavuma ukuthi igama likaNkulunkulu, elimelelwa yiTetragrammaton (יהוה), livela izikhathi ezingaba ngu-7 000 emiBhalweni yokuqala YesiHebheru. Nokho, abaningi banomuzwa wokuthi lalingaveli emiBhalweni YamaKristu YesiGreki yokuqala. Ngenxa yalesi sizathu, muva nje amaBhayibheli esiNgisi awanalo igama elithi Jehova ezinguqulweni ezibizwa ngokuthi iTestamente Elisha. Ngisho nalapho behumusha izingcaphuno ezithathwe emiBhalweni YesiHebheru lapho kuvela khona iTetragrammaton, abahumushi abaningi basebenzisa isiqu esithi "Nkosi" esikhundleni segama likaNkulunkulu.

*INguqulo Yezwe Elisha YemiBhalo Engcwele* ayiyisebenzisi le ndlela evamile. Igama elithi Jehova livela izikhathi ezingu-237 emiBhalweni YamaKristu YesiGreki. Lapho benquma ukwenza lokhu, abahumushi bayo bacabangela izinto ezimbili ezibalulekile: (1) Imibhalo yesandla yesiGreki esinayo namuhla akuyona eyokuqala ngqa. Ezinkulungwaneni zamakhophi emibhalo ekhona namuhla, eziningi kuzo zenziwa sekudlule okungenani iminyaka engaba ngu-200 kwabhalwa imibhalo yokuqala ngqa. (2) Ngaleso sikhathi, labo ababekopisha imibhalo yesandla kungenzeka ukuthi esikhundleni seTetragrammaton bafaka elithi *Kyʹri·os,* igama lesiGreki elisho ukuthi "Nkosi," noma bakopisha imibhalo yesandla eyayisivele inalolu shintsho.

IKomiti YeBhayibheli LeNguqulo Yezwe Elisha yathola ukuthi kunobufakazi obuqand' ikhanda bokuthi iTetragrammaton yayivela emibhalweni yesandla yokuqala yesiGreki. Le Komiti yenza isinqumo esasisekelwe ebufakazini obulandelayo:

- **Amakhophi emiBhalo YesiHebheru ayesetshenziswa ezinsukwini zikaJesu nabaphostoli bakhe ayenayo iTetragrammaton.** Esikhathini esedlule, bambalwa ababekuphikisa lokho. Manje njengoba sekutholakale amakhophi emiBhalo YesiHebheru angekhulu lokuqala eduze neQumran, sekunobufakazi obuqand' ikhanda bokuthi lokhu kuyiqiniso.
- **Ezinsukwini zikaJesu nabaphostoli bakhe, iTetragrammaton yayiphinde ivele ezinguqulweni zesiGreki zemiBhalo YesiHebheru.** Kwaphela amakhulu eminyaka izazi zicabanga ukuthi iTetragrammaton yayingekho emibhalweni yesandla yenguqulo ye-*Septuagint* yesiGreki yemiBhalo YesiHebheru. Kwase kuthi maphakathi neminyaka yawo-1900, zathola iziqeshana ezithile ezindala kakhulu ze-*Septuagint* yesiGreki yangosuku lukaJesu. Lezo ziqe-

shana zinegama likaNkulunkulu elibhalwe ngezinhlamvu zesiHebheru. Ngakho, osukwini lukaJesu, amakhophi emiBhalo yesiGreki ayenalo igama likaNkulunkulu. Noma kunjalo, ngekhulu lesine C.E., imibhalo yesandla eyayaziwa kakhulu ye-*Septuagint* yesiGreki, njenge-*Codex Vaticanus* ne-*Codex Sinaiticus,* yayingenalo igama likaNkulunkulu ukusuka encwadini kaGenesise kuya kwekaMalaki (lapho elalivela khona emibhalweni yesandla yangaphambili). Ngakho, akumangazi ukuthi emibhalweni eyagcinwa kusukela ngaleso sikhathi, alikho igama likaNkulunkulu kulokho okubizwa ngokuthi iTestamente Elisha noma imiBhalo YesiGreki.


- **ImiBhalo YamaKristu YesiGreki ibika ukuthi uJesu wayevame ukukhuluma ngegama likaNkulunkulu futhi walenza laziwa kwabanye.** (Johane 17:6, 11, 12, 26) UJesu wakubeka kwacaca: "Ngize ngegama likaBaba." Wabuye wagcizelela ukuthi imisebenzi yakhe wayeyenza 'egameni likaYise.'—Johane 5:43; 10:25.

UJesu wakubeka ngokucacile: "Ngize ngegama likaBaba." Wagcizelela nokuthi imisebenzi yakhe wayeyenza 'egameni likaYise'

- **Njengoba imiBhalo YamaKristu YesiGreki iyimibhalo ephefumulelwe enezela emiBhalweni YesiHebheru engcwele, ukunyamalala ngokungazelelwe kwegama likaJehova emibhalweni yesiGreki kwakuyokwenza kubonakale sengathi imiBhalo ayivumelani.** Cishe maphakathi nekhulu lokuqala C.E., umfundi uJakobe wathi kubadala baseJerusalema: "USimeyoni useyilandise ngokuphelele indlela manje uNkulunkulu asenaka ngayo izizwe ukuze athathe kuzo isizwe segama lakhe." (IzEnzo 15:14) Kwakungeke kube nengqondo ngoJakobe ukuba akhulume kanjalo uma kwakungekho muntu ekhulwini lokuqala owayazi noma owayesebenzisa igama likaNkulunkulu.

- **Igama likaNkulunkulu livela lifushanisiwe emiBhalweni YamaKristu YesiGreki.** Encwadini yesAmbulo 19:1, 3, 4, 6, igama likaNkulunkulu liyingxenye yegama elithi "Haleluya." Leli gama livela enkulumweni yesiHebheru ngokwezwi nezwi esho ukuthi "Dumisani uJah." Igama elithi "Jah" liyisifushaniso selithi "Jehova." Amagama amaningi asetshenziswe emiBhalweni YamaKristu YesiGreki aqanjwa esuselwa egameni likaNkulunkulu. Eqinisweni, izincwadi ziyachaza ukuthi kwalona igama likaJesu lisho ukuthi "UJehova Uyinsindiso."


- **Izincwadi zamaJuda zokuqala zibonisa ukuthi amaKristu angamaJuda ayelisebenzisa igama likaNkulunkulu ezincwadini zawo.** I-*Tosefta*, iqoqo elibhaliwe lemithetho yamaJuda edluliselwa ngomlomo, eyaqedwa cishe ngo-300 C.E., isho lokhu ngokuphathelene nezincwadi zamaKristu ezashiswa ngeSabatha: "Izincwadi zabaVangeli nezincwadi zama-*minim* [okucatshangwa ukuthi amaKristu







UDuteronomi 6:4
Kuyi-*Nash Papyrus*
**Yangekhulu lesibili noma lokuqala B.C.E.**


Umbhalo wesiHebheru wasendulo okuvela kuwo igama likaNkulunkulu kabili



Isiqeshana sikaDuteronomi 18:15, 16
P. Fouad Inv. 266
**Sangekhulu lokuqala leminyaka B.C.E.**


Inguqulo ye-*Septuagint* yesiGreki enegama likaNkulunkulu elibhalwe ngezinhlamvu zesiHebheru





UDuteronomi 18:15, 16
Kuyi-*Codex Alexandrinus*
**Yangekhulu lesihlanu leminyaka C.E.**

Igama likaNkulunkulu lisusiwe esikhundleni salo kwafakwa izinhlamvu ezithi *KC* nezithi *KY,* okuyizifushaniso zegama lesiGreki elithi *Ky′ri·os* (Nkosi)




IzEnzo 3:22, zicaphuna uDuteronomi 18:15
*INguqulo Yezwe Elisha*
**Yangeminyaka yawo-1900 C.E.**

*INguqulo Yezwe Elisha* ibuyisela igama likaNkulunkulu


angamaJuda] zifakwa emlilweni. Ziyayekwa zishe, zona kanye negama likaNkulunkulu elikuzo." Yona le *Tosefta* icaphuna uRabi Yosé waseGalile, owaphila ekuqaleni kwekhulu lesibili C.E., ethi ngezinye izinsuku phakathi nesonto "kusikwa igama likaNkulunkulu ezincwadini [okucatshangwa ukuthi kwakuyizincwadi zobuKristu] bese libekwa, ngemva kwalokho kushiswe konke okusele."

- **Ezinye izazi zeBhayibheli ziyavuma ukuthi cishe igama likaNkulunkulu lalivela ezingcaphunweni zemiBhalo YesiHebheru ezitholakala emiBhalweni YamaKristu YesiGreki.** Ngaphansi kwesihloko ethi *"Tetragrammaton in the New Testament,"* i-*Anchor Bible*



*Dictionary* ithi: "Bukhona ubufakazi obuthile bokuthi lapho iTestamente Elisha libhalwa okokuqala, iTetragrammaton, igama likaNkulunkulu, elithi Yahweh, yayivela kwezinye noma kuzo zonke izingcaphuno ezithathwe eTestamenteni Elidala." Isazi uGeorge Howard sithi: "Njengoba iTetragram yayisabhaliwe emakhophini eBhayibheli lesiGreki [i-*Septuagint*] ayeyingxenye yemiBhalo eyayisetshenziswa esontweni lobuKristu lokuqala, kunengqondo ukukholelwa ukuthi lapho ababhali beTestamente Elisha becaphuna imiBhalo babeyigcina iTetragram emibhalweni yeBhayibheli."

- **Abahumushi beBhayibheli abahlonishwayo baye balisebenzisa igama likaNkulunkulu emiBhalweni YamaKristu YesiGreki.** Abanye kulaba bahumushi bakwenza lokhu kusasele isikhathi eside kwenziwe *INguqulo Yezwe Elisha.* Nanka amagama abahumushi nezinguqulo zabo: I-*Literal Translation of the New Testament . . . From the Text of the Vatican Manuscript,* eyahunyushwa uHerman Heinfetter (1863); i-*Emphatic Diaglott,* eyahunyushwa uBenjamin Wilson (1864); i-*Epistles of Paul in Modern English,* eyahunyushwa uGeorge Barker Stevens (1898); i-*St. Paul's Epistle to the Romans,* eyahunyushwa uW. G. Rutherford (1900) ne-*New Testament Letters*, eyahunyushwa uJ.W.C. Wand, umBhishobhi wase-





Igama likaNkulunkulu encwadini yezEnzo 2:34
kuyi-*Emphatic Diaglott,* kaBenjamin Wilson (1864)

London (1946). Ngaphezu kwalokho, umhumushi uPablo Besson wasebenzisa igama elithi "Jehova" kuLuka 2:15 nakuJude 14 enguqulweni yeSpanishi ekuqaleni kweminyaka yawo-1900, futhi emibhalweni yaphansi yenguqulo yakhe, wasikisela izikhathi ezingaphezu kwekhulu ukuthi igama likaNkulunkulu yilona okufanele lisetshenziswe. Esikhathini eside ngaphambi kwalezo zinguqulo, inguqulo yesiHebheru yemiBhalo YamaKristu YesiGreki yangeminyaka yawo-1500 kuqhubeke, yasebenzisa iTetragrammaton emavesini amaningi. Olimini lwesiJalimane kuphela, kunezinguqulo ezingu-11 ezisebenzisa igama elithi "Jehova" (noma indlela yesiHebheru ethi "Yahweh") emiBhalweni YamaKristu YesiGreki, kuyi-

lapho abahumushi abane befaka lelo gama kubakaki ngemva kwegama elithi “Nkosi.” Zingaphezu kuka-70 izinguqulo zesiJalimane ezisebenzisa igama likaNkulunkulu emibhalweni yaphansi noma ekukhulunyelweni kwemiBhalo.

- **Izinguqulo zeBhayibheli ngezilimi ezingaphezu kwekhulu zinegama likaNkulunkulu emiBhalweni YamaKristu YesiGreki.** Izilimi eziningi zase-Afrika, ezomdabu zaseMelika, ezase-Asia, ezaseYurophu nezasesiqhingini sasePacific zilisebenzisa ngokukhululeka igama likaNkulunkulu. (Bheka uhlu olusekhasini 1998 no-1999.) Abahumushi balezi zinguqulo banquma ukusebenzisa igama likaNkulunkulu ngenxa yezizathu ezifana nalezi ezichazwe ngenhla. Muva nje kuye kwavela ezinye zalezi zinguqulo zemiBhalo YamaKristu YesiGreki njenge-*Rotuman Bible* (1999) esebenzisa igama elithi “Jihova” izikhathi ezingu-51 emavesini angu-48 kanye neyesiBatak (isiToba) (1989) sase-Indonesia esebenzisa igama elithi “Jahowa” izikhathi ezingu-110.

Ngokungangabazeki, kunesizathu esizwakalayo sokubuyisela igama likaNkulunkulu, elithi Jehova, emiBhalweni YamaKristu YesiGreki. Yilokho kanye okwenziwe abahumushi be-*Nguqulo Yezwe Elisha.* Balihlonipha ngokujulile igama likaNkulunkulu futhi abanakulokotha basuse noma yini eyayikhona emibhalweni yokuqala.—IsAmbulo 22:18, 19.




Igama likaNkulunkulu kuMarku 12:29, 30
enguqulweni yesiHawaii

# Izilimi Ezinegama LikaNkulunkulu EmiBhalweni YamaKristu YesiGreki

Ulimi: **Igama LikaNkulunkulu**

Isi-Aneityum: **Ihova**
Isi-Arawak: **Jehovah**
Isi-Awabakal: **Yehóa**
IsiBangi: **Yawe**
IsiBatak (isiToba): **Jahowa**
IsiBenga: **Jĕhova**
IsiBolia: **Yawe**
IsiBube: **Yehovah**
IsiBullom So: **Jehovah**
IsiChácobo: **Jahué**
IsiCherokee: **Yihowa**
IsiChin (isiHakha): **Zahova**
IsiChippewa: **Jehovah**
IsiChoctaw: **Chihowa**
IsiChuukese: **Jiowa**
IsiCroatia: **Jehova**
IsiDakota: **Jehowa**
IsiDobu: **Ieoba**
IsiDouala: **Yehowa**
IsiDashi: **Jehovah**
Isi-Efate (saseNyakatho): **Yehova**
Isi-Efik: **Jehovah**
IsiNgisi: **Jehovah**
Isi-Éwé: **Yehowa**
IsiFang: **Jehôva**
IsiFiji: **Jiova**
IsiFulentshi: **IHVH, yhwh**
IsiGa: **Iehowa**
IsiJalimane: **Jehovah; Jehova**
IsiGibario (ulimi oluphuma kwelesiKerewo): **Iehova**
IsiGrebo: **Jehova**
IsiHawaii: **Iehova**
IsiHebheru: **יהוה**
IsiHindustani: **Yihováh**
IsiHiri Motu: **Iehova**
IsiHo-Chunk (isiWinnebago): **Jehowa**
Isi-Ila: **Yaave**
Isi-Iliku (ulimi oluphuma kwelesiLusengo): **Yawe**
Isi-Indonesia: **YAHWEH**
IsiKala Lagaw Ya: **Iehovan**
IsiKalanga: **Yehova; Yahwe**
IsiKalenjin: **Jehovah**
IsiKerewo: **Iehova**
IsiKiluba: **Yehova**
IsiKipsigis: **Jehoba**
IsiKiribati: **Iehova**
IsiKisonge: **Yehowa**
IsiKorea: **여호와**
IsiKosraea: **Jeova**
IsiKuanua: **Ieova**
IsiLaotia: **Yehowa**
IsiLele: **Jehova**
IsiLewo: **Yehova**
IsiLingala: **Yawe**
IsiLogo: **Yehova**
IsiLomongo: **Yawe; Yova**
IsiLonwolwol: **Jehovah**
IsiLugbara: **Yehova**
IsiLuimbi: **Yehova**
IsiLuna: **Yeoba**
IsiLunda: **Yehova**
IsiLuo: **Yawe**
IsiLuvale: **Yehova**
IsiMalagasy: **Jehovah; Iehôvah**
IsiMalo: **Iova**
IsiMarquesan: **Iehova**
IsiMarshallese: **Jeova**

IsiMaskelynes: **Iova**
IsiMentawai: **Jehoba**
IsiMeriam: **Iehoua**
IsiMisima-Paneati: **Iehova**
IsiMizo: **Jehovan; Jihova’n**
IsiMohawk: **Yehovah**
IsiMortlockese: **Jioua**
IsiMotu: **Iehova**
IsiMpongwe (ulimi oluphuma kwelesi-Myene): **Jehova**
IsiMuskogee: **Cehofv**
IsiMyene: **Yeôva**
IsiNaga, sama-Angami: **Jihova**
IsiNaga, samaKonyak: **Jihova**
IsiNaga, samaLotha: **Jihova**
IsiNaga, samaMao: **Jihova**
IsiNaga, samaRengma aseNyakatho: **Jihova**
IsiNaga, samaSangtam: **Jihova**
IsiNandi: **Jehova**
IsiNarrinyeri: **Jehovah**
IsiNauruan: **Jehova**
IsiNavajo: **Jîho’vah**
IsiNdau: **Jehova**
IsiNembe: **Jehovah**
IsiNengone (noma, isiMaré): **Iehova**
IsiNgando: **Yawe**
IsiNtomba: **Yawe**
IsiNukuoro: **Jehova**
IsiPolish: **Jehowa**
IsiPutukezi: **Iáhve**
IsiRarotongan: **Jehova; Iehova**
IsiRerep: **Iova**
IsiRotuman: **Jihova**
IsiSakao: **Ihova; Iehova**
IsiSamoa: **Ieova**
IsiSeneca: **Ya’wĕn**
IsiSengele: **Yawe**
IsiSuthu: **Yehofa**
IsiSie: **Iehōva**
ISpanishi: **Jehová; Yahvé; YHWH; Yahweh**
ISranantongo: **Jehova**
IsiSukuma: **Yahuwa; Jakwe**
IsiTahiti: **Iehova**
IsiTeke-Eboo: **Yawe**
IsiTemne: **Yehố̃fa; Yehofa**
IsiThai: **Yahowa**
IsiToaripi: **Jehova; Iehova**
IsiTonga: **Jehova**
IsiTongan: **Jihova; Sihova**
IsiTshiluba: **Yehowa**
IsiTswana: **Jehofa; Yehova; Yehofa**
Isi-Umbundu: **Yehova**
Isi-Uripiv: **Iova**
IsiWampanoag: **Jehovah**
IsiWelsh: **Iehofah**
IsiXhosa: **Yehova**
IsiZande: **Yekova**
IsiZulu: **Jehova; YAHWE**

(Kwezinye izilimi ezingekho kulolu hlu, igama likaNkulunkulu lisemibhalweni yaphansi noma emibhalweni echazayo.)

## Izilimi ezingaphezu kuka-120

A6

# Ishadi: Abaprofethi Namakhosi AkwaJuda Nawakwa-Israyeli

## Amakhosi Ombuso WakwaJuda **WaseNingizimu** Wezizwe Ezimbili

- 997 **URehobowamu:** Iminyaka engu-17
- 980 **U-Abhiya (u-Abhiyamu):** Iminyaka engu-3
- 978 **U-Asa:** Iminyaka engu-41
- 937 **UJehoshafati:** Iminyaka engu-25
- 913 **UJehoramu:** Iminyaka engu-8
- c. 906 **U-Ahaziya:** Unyaka owodwa
- c. 905 **INdlovukazi u-Athaliya:** Iminyaka engu-6
- 898 **UJehowashi:** Iminyaka engu-40
- 858 **U-Amaziya:** Iminyaka engu-29
- 829 **U-Uziya (u-Azariya):** Iminyaka engu-52

## Abaprofethi

1000 B.C.E.

950 B.C.E.

U-Eliya

U-Elisha

900 B.C.E.

850 B.C.E.

UJona

U-Amose

UJoweli

800 B.C.E.

## Amakhosi Ombuso Wakwa-Israyeli **WaseNyakatho** Wezizwe Eziyishumi

- 997 **UJerobowamu:** Iminyaka engu-22
- c. 976 **UNadabi:** Iminyaka emibili
- c. 975 **UBhahasha:** Iminyaka engu-24
- c. 952 **U-Elahi:** Iminyaka emibili
- **UZimri:** Izinsuku eziyisikhombisa (c. 951)
- c. 947 **U-Omri noThibini:** Iminyaka emine
- c. 940 **U-Omri (eyedwa):** Iminyaka engu-8
- **U-Ahabi:** Iminyaka engu-22
- c. 920 **U-Ahaziya:** Iminyaka emibili
- c. 917 **UJehoramu:** Iminyaka engu-12
- c. 905 **UJehu:** Iminyaka engu-28
- 876 **UJehowahazi:** Iminyaka engu-14
- c. 862 **UJehowahazi noJehowashi:** Iminyaka engu-3
- c. 859 **UJehowashi (eyedwa):** Iminyaka engu-16
- c. 844 **UJerobowamu II:** Iminyaka engu-41
- c. 803

A7

# Izenzakalo Ezibalulekile Ekuphileni KukaJesu Kwasemhlabeni

## Amavangeli Amane Ngokulandelana Kwezenzakalo

Amashadi alandelayo anamabalazwe abonisa uhambo lukaJesu lokushumayela. Imicibisholo esemabalazweni ayibonisi izindlela eziqinisekisiwe ahamba kuzo kodwa imane ibonisa ukuthi kwakungakuphi. U-“c.” usho ukuthi “cishe,” noma “ngawo.”


**Izenzakalo Zangaphambi Kwenkonzo KaJesu**

| ISIKHATHI | INDAWO | ISENZAKALO | MATHEWU | MARKU | LUKA | JOHANE |
|---|---|---|---|---|---|---|
| **3 B.C.E.** | EJerusalema, ethempelini | Ingelosi uGabriyeli ibikezela ngokuzalwa kukaJohane uMbhapathizi kuZakariya | | | 1:5-25 | |
| **c. 2 B.C.E.** | ENazaretha; eJudiya | Ingelosi uGabriyeli ibikezela ngokuzalwa kukaJesu kuMariya; uMariya uvakashela isihlobo sakhe u-Elizabethe | | | 1:26-56 | |
| **2 B.C.E.** | Ezweni laseJudiya elisezintabeni | UJohane uMbhapathizi uyazalwa futhi wethiwa igama; uZakariya uyaprofetha; uJohane uzoba sehlane | | | 1:57-80 | |
| **2 B.C.E., c. Oct. 1** | EBhetlehema | UJesu uyazalwa; “uLizwi waba yinyama” | 1:1-25 | | 2:1-7 | 1:14 |
| | Eduze kwaseBhetlehema; eBhetlehema | Ingelosi imemezela izindaba ezinhle kubelusi; izingelosi zidumisa uNkulunkulu; abelusi bavakashela usana | | | 2:8-20 | |
| | EBhetlehema; eJerusalema | UJesu uyasokwa (ngosuku lwesi-8); abazali bamyisa ethempelini (ngemva kwezinsuku ezingu-40) | | | 2:21-38 | |
| **1 B.C.E. noma 1 C.E.** | EJerusalema; eBhetlehema; eGibhithe; eNazaretha | Kufika ababhula ngezinkanyezi; umndeni ubalekela eGibhithe; uHerode ubulala abafana abancane; umndeni uyabuya eGibhithe uhlala eNazaretha | 2:1-23 | | 2:39, 40 | |
| **12 C.E., iPhasika** | EJerusalema | UJesu oneminyaka eyishumi nambili usethempelini ubuza abafundisi imibuzo | | | 2:41-50 | |
| | ENazaretha | Uphindela eNazaretha; uqhubeka engaphansi kwabazali; ufunda ukubaza; uMariya ukhulisa amanye amadodana akhe amane, kanye namadodakazi (Mat 13:55, 56; Mar 6:3) | | | 2:51, 52 | |
| **29, entwasa-hlobo** | Ehlane, eMfuleni iJordani | UJohane uMbhapathizi uqala inkonzo yakhe | 3:1-12 | 1:1-8 | 3:1-18 | 1:6-8 |

## Ibalazwe 1

Ukuqonda Izimpawu

- Indawo Okuqalwa Kuyo
- Indawo Okuqinisekwa Ngayo
- Indawo Okungaqinisekwa Ngayo
  ? akwaziwa kahle ukuthi yayikuphi le ndawo



## Ukuqala Kwenkonzo KaJesu


| ISIKHATHI | INDAWO | ISENZAKALO | MATHEWU | MARKU | LUKA | JOHANE |
|---|---|---|---|---|---|---|
| **29, ekwindla** | EJordani, kungenzeka eBhethaniya noma ngakhona ngaphesheya kweJordani | UJesu uyabhapathizwa futhi uyagcotshwa; uJehova umbiza ngokuthi iNdodana yakhe futhi uyamamukela | 3:13-17 | 1:9-11 | 3:21-38 | |
| | EHlane LaseJudiya | Ulingwa uDeveli | 4:1-11 | 1:12, 13 | 4:1-13 | |
| | EBhethaniya ngaphesheya kweJordani | UJohane uMbhapathizi uthi uJesu uyiwundlu likaNkulunkulu; abafundi bokuqala balandela uJesu | | | | 1:15, 19-51 |
| | EKhana LaseGalile; eKapernawume | Isimangaliso sokuqala emshadweni, ushintsha amanzi aba yiwayini; uya eKapernawume | | | | 2:1-12 |
| **30, iPhasika** | EJerusalema | Uhlanza ithempeli | | | | 2:13-25 |
| | | Ukhuluma noNikhodemu | | | | 3:1-21 |
| | EJudiya; e-Enoni | Uya emaphandleni aseJudiya, abafundi bakhe bayabhapathiza; uJohane ufakaza okokugcina ngoJesu | | | | 3:22-36 |
| | EThibheriya; eJudiya | UJohane uyaboshwa; uJesu uya eGalile | 4:12; 14:3-5 | 6:17-20 | 3:19, 20 | 4:1-3 |
| | ESikhari, eSamariya | Endleleni eya eGalile, ufundisa amaSamariya | | | | 4:4-43 |



IHlane LaseJudiya

2006


# Ibalazwe 2



## Inkonzo KaJesu Enkulu EGalile


# Ibalazwe 3A


| ISIKHATHI | INDAWO | ISENZAKALO | MATHEWU | MARKU | LUKA | JOHANE |
|---|---|---|---|---|---|---|
| **30** | EGalile | UJesu uqala ukumemezela ukuthi “uMbuso wamazulu ususondele” | 4:17 | 1:14, 15 | 4:14, 15 | 4:44, 45 |
| | EKhana; eNazaretha; eKapernawume | Welapha indodana yesikhulu; ufunda umqulu ka-Isaya; uya eKapernawume | 4:13-16 | | 4:16-31 | 4:46-54 |
| | OLwandle LwaseGalile, ngaseKapernawume | Ubiza abafundi abane: uSimoni no-Andreya, uJakobe noJohane | 4:18-22 | 1:16-20 | 5:1-11 | |
| | EKapernawume | Welapha umkhwekazi kaSimoni kanye nabanye | 8:14-17 | 1:21-34 | 4:31-41 | |
| | EGalile | Uya eGalile okokuqala nabane | 4:23-25 | 1:35-39 | 4:42, 43 | |
| | | Welapha onochoko; ulandelwa isixuku | 8:1-4 | 1:40-45 | 5:12-16 | |
| | EKapernawume | Welapha okhubazekile | 9:1-8 | 2:1-12 | 5:17-26 | |
| | | Ubiza uMathewu; udla nabaqoqi bentela; umbuzo ngokuzila ukudla | 9:9-17 | 2:13-22 | 5:27-39 | |
| | EJudiya | Ushumayela emasinagogeni | | | 4:44 | |
| **31, iPhasika** | EJerusalema | Welapha indoda egulayo eBhethesda; amaJuda afuna ukumbulala | | | | 5:1-47 |
| | Uyabuya evela eJerusalema (?) | Abafundi bakha izikhwebu ngeSabatha; uJesu ‘uyiNkosi yeSabatha’ | 12:1-8 | 2:23-28 | 6:1-5 | |
| | EGalile; oLwandle LwaseGalile | Ulapha isandla sendoda ngeSabatha; ulandelwa yizixuku; ulapha neningi | 12:9-21 | 3:1-12 | 6:6-11 | |
| | ENt. ngaseKapernawume | Ukhetha abaphostoli abangu-12 | | 3:13-19 | 6:12-16 | |
| | Eduze neKapernawume | Unikeza iNtshumayelo YaseNtabeni | 5:1–7:29 | | 6:17-49 | |
| | EKapernawume | Welapha inceku yesikhulu sebutho | 8:5-13 | | 7:1-10 | |
| | ENayini | Uvusa indodana yomfelokazi | | | 7:11-17 | |
| | EThibheriya; eGalile (eNayini noma eduze nayo) | UJohane uthuma abafundi kuJesu; iqiniso lembulwa ezinganeni; ijoka lomusa | 11:2-30 | | 7:18-35 | |
| | EGalile (eNayini noma eduze nayo) | Owesifazane oyisoni umthela amafutha ezinyaweni; umfanekiso wabakweletayo | | | 7:36-50 | |
| | EGalile | Uhambo lwesi-2 eshumayela nabangu-12 | | | 8:1-3 | |
| | | Uxosha amademoni; isono esingaxoleleki | 12:22-37 | 3:19-30 | | |
| | | Ubanika isibonakaliso sikaJona kuphela | 12:38-45 | | | |
| | | Kufika unina nabafowabo; uthi abayizihlobo zakhe ngabalandeli bakhe | 12:46-50 | 3:31-35 | 8:19-21 | |



| ISIKHATHI | INDAWO | ISENZAKALO | MATHEWU | MARKU | LUKA | JOHANE |
|---|---|---|---|---|---|---|
| **31 noma 32** | EKaperenawume | UJesu unikeza imifanekiso yoMbuso | 13:1-53 | 4:1-34 | 8:4-18 | |
| | OLwandle LwaseGalile | Uthulisa isivunguvungu esesikebheni | 8:18, 23-27 | 4:35-41 | 8:22-25 | |
| | Esifundeni samaGadara | Uthumela amademoni ezingulubeni | 8:28-34 | 5:1-20 | 8:26-39 | |
| | Cishe eKapernawume | Welapha owesifazane onomopho; uvusa indodakazi kaJayiru | 9:18-26 | 5:21-43 | 8:40-56 | |
| | EKapernawume (?) | Welapha izimpumputhe nezimungulu | 9:27-34 | | | |
| | ENazaretha | Bayamenqaba futhi edolobhaneni lakubo | 13:54-58 | 6:1-5 | | |
| | EGalile | Uhambo lwesithathu oluya eGalile; wandisa umsebenzi ngokuthuma abaphostoli | 9:35–11:1 | 6:6-13 | 9:1-6 | |
| | EThibheriya | UHerode unquma uJohane uMbhapathizi ikhanda; uyadideka lapho ezwa ngoJesu | 14:1-12 | 6:14-29 | 9:7-9 | |
| **32, sekusondele iPhasika** (Joh 6:4) | Kapernawume (?); iNY-MP yoLwandle LwaseGalile | Abaphostoli babuya ukuyoshumayela; uJesu unika amadoda angu-5 000 ukudla | 14:13-21 | 6:30-44 | 9:10-17 | 6:1-13 |
| | iNY-MP yoLwandle LwaseGalile; eGenesaretha | Bazama ukumenza inkosi uJesu; uhamba phezu kolwandle; welapha abaningi | 14:22-36 | 6:45-56 | | 6:14-21 |
| | EKapernawume | Uthi 'uyisinkwa sokuphila'; abaningi bayakhubeka bese behamba | | | | 6:22-71 |
| **32, ngemva kwePhasika** | Cishe eKapernawume | Udalula amasiko abantu | 15:1-20 | 7:1-23 | | 7:1 |
| | EFenike; eDekapholi | Welapha indodakazi yowesifazane ongumFenike; upha amadoda angu-4 000 ukudla | 15:21-38 | 7:24–8:9 | | |
| | EMagadani | Ubanika isibonakaliso sikaJona kuphela | 15:39–16:4 | 8:10-12 | | |

# Ibalazwe 3B




## Izinto Azenza OLwandle LwaseGalile


(Libizwa nangokuthi iChibi LaseGenesaretha nangokuthi uLwandle LwaseThibheriya)

1. Uthulisa isivunguvungu esesikebheni
2. Uthumela amademoni ezingulubeni
3. Upha amadoda angu-5 000 ukudla
4. Uhamba phezu kolwandle
5. Upha amadoda angu-4 000 ukudla
6. Indawo okwanikezwa kuyo iNtshumayelo YaseNtabeni

| ISIKHATHI | INDAWO | ISENZAKALO | MATHEWU | MARKU | LUKA | JOHANE |
|---|---|---|---|---|---|---|
| **32, ngemva kwePhasika** | OLwandle LwaseGalile; eBhetsayida | Esikebheni esiya eBhetsayida, uJesu uxwayisa ngemvubelo yabaFarisi; welapha indoda eyimpumputhe | 16:5-12 | 8:13-26 | | |
| | Endaweni yaseKhesariya Filipi | Izihluthulelo zoMbuso; ubikezela ngokufa nokuvuswa kwakhe | 16:13-28 | 8:27–9:1 | 9:18-27 | |
| | Cishe eNt. iHermoni | Ukuguqulwa isimo; uJehova uyakhuluma | 17:1-13 | 9:2-13 | 9:28-36 | |
| | Endaweni yaseKhesariya Filipi | Welapha umfana ohlushwa idemoni | 17:14-20 | 9:14-29 | 9:37-43 | |
| | EGalile | Uphinde abikezele ngokufa kwakhe | 17:22, 23 | 9:30-32 | 9:43-45 | |
| | EKapernawume | Ukhokha intela ngohlamvu lwemali olukhishwe emlonyeni wenhlanzi | 17:24-27 | | | |
| | | Omkhulu eMbusweni; umfanekiso wemvu elahlekile nowesigqila esingathetheleli | 18:1-35 | 9:33-50 | 9:46-50 | |
| | EGalile-eSamariya | Endleleni eya eJerusalema, utshela abafundi ukuba bashiye konke ngenxa yoMbuso | 8:19-22 | | 9:51-62 | 7:2-10 |

## Inkonzo KaJesu Yakamuva EJudiya


| ISIKHATHI | INDAWO | ISENZAKALO | MATHEWU | MARKU | LUKA | JOHANE |
|---|---|---|---|---|---|---|
| **32, UMkhosi WamaTabernakele (noma, Wamadokodo)** | EJerusalema | Ufundisa eMkhosini; izikhulu zithumela abantu ukuba bambophe | | | | 7:11-52 |
| | | Uthi “Mina ngiwukukhanya kwezwe”; welapha indoda eyazalwa iyimpumputhe | | | | 8:12–9:41 |
| | Cishe eJudiya | Uthuma abangu-70; babuya bethokozile | | | 10:1-24 | |
| | EJudiya; eBhethaniya | Umfanekiso womSamariya ongumakhelwane; uvakashela ekhaya likaMariya noMarta | | | 10:25-42 | |
| | Cishe eJudiya | Uphinde afundise ngomthandazo oyisibonelo; isibonelo somngani ophikelelayo | | | 11:1-13 | |
| | | Uxosha amademoni ngomunwe kaNkulunkulu; uphinde anikeze isibonakaliso sikaJona | | | 11:14-36 | |
| | | Udla nomFarisi; ulahla ubuzenzisi babaFarisi | | | 11:37-54 | |
| | | Imifanekiso: indoda ecebile engenangqondo nomphathi othembekile | | | 12:1-59 | |
| | | Welapha owesifazane okhubazekile ngeSabatha; umfanekiso wohlamvu lwesinaphi nemvubelo | | | 13:1-21 | |
| **32, uMkhosi Wokunikezela** | EJerusalema | Umfanekiso kamalusi omuhle nesibaya sezimvu; amaJuda azama ukumkhanda ngamatshe; uya eBethaniya ngaphesheya kweJordani | | | | 10:1-39 |



## Inkonzo KaJesu Yakamuva EMpumalanga YeJordani

# Ibalazwe 5

| ISIKHATHI | INDAWO | ISENZAKALO | MATHEWU | MARKU | LUKA | JOHANE |
|---|---|---|---|---|---|---|
| **32, ngemva koMkhosi Wokunikezela** | EBhethaniya ngaphesheya kweJordani | Uya lapho uJohane ayebhapathizela khona; abaningi baba nokholo kuJesu | | | | 10:40-42 |
| | EPhereya | Ufundisa emadolobheni nasemizini, uya ngaseJerusalema | | | 13:22 | |
| | | Ubanxusa ukuba bangene ngomnyango omncane; ukhala ngeJerusalema | | | 13:23-35 | |
| | Cishe ePhereya | Ufundisa ngokuthobeka; imifanekiso: indawo eyayivelele kakhulu nezivakashi ezabeka izaba | | | 14:1-24 | |
| | | Ukubala izindleko zokuba umfundi | | | 14:25-35 | |
| | | Imifanekiso: imvu elahlekile, uhlamvu lwemali olulahlekile, indodana elahlekile | | | 15:1-32 | |
| | | Imifanekiso: umphathi ongalungile, indoda ecebile noLazaru | | | 16:1-31 | |
| | | Ufundisa ngokukhubeka, ngokuthethelela, nangokholo | | | 17:1-10 | |
| | EBhethaniya | ULazaru uyafa futhi uyavuswa | | | | 11:1-46 |
| | EJerusalema; kwa-Efrayimi | Icebo lokubulala uJesu; uyahamba | | | | 11:47-54 |
| | ESamariya; eGalile | Welapha abayishumi abanochoko; uchaza indlela uMbuso kaNkulunkulu oyofika ngayo | | | 17:11-37 | |
| | ESamariya noma eGalile | Imifanekiso: umfelokazi ophikelelayo, umFarisi nomqoqi wentela | | | 18:1-14 | |
| | EPhereya | Ufundisa ngomshado nangedivosi | 19:1-12 | 10:1-12 | | |
| | | Ubusisa izingane | 19:13-15 | 10:13-16 | 18:15-17 | |
| | | Indoda eyisicebi iyabuza; umfanekiso wezisebenzi zasensimini yamagilebhisi neholo elilinganayo | 19:16–20:16 | 10:17-31 | 18:18-30 | |
| | Cishe ePhereya | Ubikezela okwesithathu ngokufa kwakhe | 20:17-19 | 10:32-34 | 18:31-34 | |
| | | Isicelo sikaJakobe noJohane sokunikwa isikhundla eMbusweni | 20:20-28 | 10:35-45 | | |
| | EJeriko | Udlula khona, welapha izimpumputhe ezimbili; uvakashela uZakewu; umfanekiso womina abayishumi | 20:29-34 | 10:46-52 | 18:35–19:28 | |



# Ibalazwe 6

## Inkonzo KaJesu Yokugcina EJerusalema

| ISIKHATHI | INDAWO | ISENZAKALO | MATHEWU | MARKU | LUKA | JOHANE |
|---|---|---|---|---|---|---|
| **33, Nisani 8** | EBhethaniya | UJesu ufika kusasele izinsuku eziyisithupha kube iPhasika | | | | 11:55–12:1 |
| **Nisani 9** | EBhethaniya | UMariya umthela ngamafutha ezinyaweni | 26:6-13 | 14:3-9 | | 12:2-11 |
| | EBhethaniya-eBhetfage-eJerusalema | Ungena eJerusalema ngokunqoba, egibele imbongolo | 21:1-11, 14-17 | 11:1-11 | 19:29-44 | 12:12-19 |
| **Nisani 10** | EBhethaniya-eJerusalema | Uqalekisa isihlahla samakhiwane; uphinde ahlanze ithempeli | 21:18, 19; 21:12, 13 | 11:12-17 | 19:45, 46 | |
| | EJerusalema | Abapristi abakhulu nababhali benza icebo lokubulala uJesu | | 11:18, 19 | 19:47, 48 | |
| | | UJehova uyakhuluma; uJesu ubikezela ngokufa kwakhe; ukungakholwa kwamaJuda kugcwalisa isiprofetho sika-Isaya | | | | 12:20-50 |
| **Nisani 11** | EBhethaniya-eJerusalema | Isifundo ngomkhiwane owabuna | 21:19-22 | 11:20-25 | | |
| | EJerusalema, ethempelini | Igunya lakhe libekelwa inselele; umfanekiso wamadodana amabili | 21:23-32 | 11:27-33 | 20:1-8 | |
| | | Imifanekiso: abalimi abangababulali, idili lomshado | 21:33–22:14 | 12:1-12 | 20:9-19 | |
| | | Uphendula imibuzo ngoNkulunkulu, ngoKhesari, ngovuko, umyalo omkhulu kunayo yonke | 22:15-40 | 12:13-34 | 20:20-40 | |
| | | Uyabuza: uKristu indodana kaDavide yini | 22:41-46 | 12:35-37 | 20:41-44 | |
| | | Omaye kubabhali nakubaFarisi | 23:1-39 | 12:38-40 | 20:45-47 | |
| | | Uqaphela umnikelo womfelokazi | | 12:41-44 | 21:1-4 | |
| | ENtabeni Yeminqumo | Usho isibonakaliso sokuba khona kwakhe | 24:1-51 | 13:1-37 | 21:5-38 | |
| | | Imifanekiso: izintombi eziyishumi, amathalenta, izimvu nezimbuzi | 25:1-46 | | | |
| **Nisani 12** | EJerusalema | Abaholi bamaJuda baceba ukumbulala | 26:1-5 | 14:1, 2 | 22:1, 2 | |
| | | UJuda uhlela ukumkhaphela | 26:14-16 | 14:10, 11 | 22:3-6 | |
| **Nisani 13** (ULwesine ntambama) | EJerusalema noma eduze nalo | Ulungiselela iPhasika lokugcina | 26:17-19 | 14:12-16 | 22:7-13 | |
| **Nisani 14** | EJerusalema | Udla iPhasika nabaphostoli | 26:20, 21 | 14:17, 18 | 22:14-18 | |
| | | Ugeza izinyawo zabaphostoli | | | | 13:1-20 |



| ISIKHATHI | INDAWO | ISENZAKALO | MATHEWU | MARKU | LUKA | JOHANE |
|---|---|---|---|---|---|---|
| **Nisani 14** | EJerusalema | UJesu uveza ukuthi nguJuda ozomkhaphela futhi uyamxosha | 26:21-25 | 14:18-21 | 22:21-23 | 13:21-30 |
| | | Umisa iSidlo SeNkosi Sakusihlwa (1Ko 11:23-25) | 26:26-29 | 14:22-25 | 22:19, 20, 24-30 | |
| | | Ubikezela ukuthi uPetru uzomphika nokuthi abaphostoli bazohlakazeka | 26:31-35 | 14:27-31 | 22:31-38 | 13:31-38 |
| | | Uthembisa ukuletha umsizi; umfanekiso wesihlahla samagilebhisi sangempela; unikeza umyalo wokubonisa uthando; umthandazo wokugcina enabaphostoli | | | | 14:1–17:26 |
| | EGetsemane | Usizi nomunyu ensimini; uJesu uyakhashelwa futhi uyaboshwa | 26:30, 36-56 | 14:26, 32-52 | 22:39-53 | 18:1-12 |
| | EJerusalema | U-Anase umbuza imibuzo; uquliswa icala nguKayafase neSanhedrini; uPetru uyamphika | 26:57–27:1 | 14:53–15:1 | 22:54-71 | 18:13-27 |
| | | UJuda umkhapheli uyazilengisa (IzE 1:18, 19) | 27:3-10 | | | |
| | | Uphambi kukaPilatu, adlulele kuHerode, bese ebuyela kuPilatu | 27:2, 11-14 | 15:1-5 | 23:1-12 | 18:28-38 |
| | | UPilatu ufuna ukumkhulula kodwa amaJuda acela uBharaba; kukhishwa isijeziso sokuba abulawe esigxotsheni sokuhlushwa | 27:15-30 | 15:6-19 | 23:13-25 | 18:39–19:16 |
| (c. 3:00 ntambama, ULwesihlanu) | EGolgotha | Uyafa esigxotsheni sokuhlushwa | 27:31-56 | 15:20-41 | 23:26-49 | 19:16-30 |
| | EJerusalema | Isidumbu sisuswa esigxotsheni sibekwe ethuneni | 27:57-61 | 15:42-47 | 23:50-56 | 19:31-42 |
| **Nisani 15** | EJerusalema | Abapristi nabaFarisi bahlela ukuba ithuna ligadwe futhi bayalivala | 27:62-66 | | | |
| **Nisani 16** | EJerusalema naseduze kwakhona; e-Emawuse | UJesu uyavuswa; ubonakala izikhathi ezinhlanu kubafundi bakhe | 28:1-15 | 16:1-8 | 24:1-49 | 20:1-25 |
| **Ngemva kukaNisani 16** | EJerusalema; eGalile | Ubonakala izikhathi eziningana kubafundi (1Ko 15:5-7; IzE 1:3-8); uyayala; uthi makwenziwe abafundi | 28:16-20 | | | 20:26–21:25 |
| **Iyari 25** | ENtabeni Yeminqumo, eduze kwaseBhethaniya | UJesu uya ezulwini, ngemva kwezinsuku ezingu-40 evusiwe (IzE 1:9-12) | | | 24:50-53 | |



# ISithasiselo B


Umyalezo WeBhayibheli B1

## Amabalazwe

### Ukuqonda Izimpawu

- ● Indawo Okuqinisekwa Ngayo
- ○ Indawo Okungaqinisekwa Ngayo
  ? akwaziwa kahle ukuthi yayikuphi le ndawo
- — Umgwaqo

Kuwo wonke amabalazwe inyakatho isenhla

Amagama endawo eyodwa angenkathi efanayo ahlukaniswe ngokhefana

Amagama endawo eyodwa angenkathi engafani afakwe kubakaki

UGenesise Nohambo Lwezinzalamizi B2

Ukuphuma EGibhithe B3

Ukunqoba IZwe Lesithembiso B4

Izindawo ZaseZweni Lesithembiso B6

UMbuso KaDavide NokaSolomoni B7

Imibuso Yezwe Eyabikezelwa UDaniyeli B9

Kwa-Israyeli Ngesikhathi SikaJesu B10

Ukusakazeka KobuKristu B13

## Imidwebo

Itabernakele NoMpristi Ophakeme B5

Ithempeli Elakhiwa USolomoni B8

Intaba Yethempeli Ngekhulu Lokuqala B11

## Isikhathi

Isonto Lokugcina Lokuphila KukaJesu Kwasemhlabeni B12

Ikhalenda LesiHebheru B15

## Izilinganiso

Ezohwebo Nezamabhizinisi B14

B1

# Umyalezo WeBhayibheli

UJehova uNkulunkulu unelungelo lokubusa. Indlela yakhe yokubusa ingcono kunazo zonke. Konke ayekuhlosile ngomhlaba nangabantu kuyofezeka.



## Ngemva kuka-4026 B.C.E.

"Inyoka" ingabaza ilungelo likaJehova lokubusa nendlela abusa ngayo. UJehova uthembisa ukuvusa 'inzalo' noma 'imbewu,' eyochoboza inyoka enguSathane ekugcineni. (Genesise 3:1-5, 15, umbhalo waphansi) Nokho, okwesikhathi esithile uJehova uvumela abantu ukuba bazibuse ngaphansi kwethonya lenyoka.




## 1943 B.C.E.

UJehova utshela u-Abrahama ukuthi 'inzalo' ethenjisiwe iyoba othile oyovela enzalweni yakhe. —Genesise 22:18.



## Ngemva kuka-1070 B.C.E.

UJehova uqinisekisa iNkosi uDavide futhi kamuva, indodana yayo uSolomoni ngokuthi "inzalo" ethenjisiwe iyovela ohlwini lozalo lomndeni wabo. —2 Samuweli 7:12, 16; 1 AmaKhosi 9:3-5; Isaya 9:6, 7.



## 29 C.E.

UJehova uveza uJesu 'njengenzalo' ethenjisiwe neNdlalifa yesihlalo sobukhosi sikaDavide. —Galathiya 3:16; Luka 1:31-33; 3:21, 22.



## 33 C.E.

Inyoka, uSathane, ilimaza 'inzalo' ethenjisiwe okwesikhashana ngokwenza uJesu abulawe. UJehova uvusela uJesu ekuphileni kwasezulwini futhi wamukela inani lokuphila kukaJesu okuphelele, ngaleyo ndlela enikeza isisekelo sokuthethelela izono nokunikeza inzalo ka-Adamu ukuphila okuphakade. —Genesise 3:15; IzEnzo 2:32-36; 1 Korinte 15:21, 22.



## Cishe ngo-1914 C.E.

UJesu uphonsa inyoka, uSathane, emhlabeni, emvalela lapho isikhashana. —IsAmbulo 12:7-9, 12.




## Esikhathini esizayo

UJesu ubopha uSathane iminyaka engu-1 000 ngemva kwalokho uyambhubhisa, echoboza ikhanda lakhe ngendlela engokomfanekiso. Lokho uJehova ayekuhlosile ekuqaleni ngomhlaba nangabantu kuyagcwaliseka, igama lakhe liyahlanzwa nendlela yakhe yokubusa ibonakaliswa ilungile. —IsAmbulo 20:1-3, 10; 21:3, 4.


B5


# Itabernakele NoMpristi Ophakeme





## UMpristi Ophakeme

U-Eksodusi isahluko 28 uchaza ngokuningiliziwe izembatho zompristi ophakeme wakwa-Israyeli





## Izinto Ezakha Itabernakele


1. **UMphongolo** (Eks 25:10-22; 26:33)
2. **Ikhethini** (Eks 26:31-33)
3. **Insika Yekhethini** (Eks 26:31, 32)
4. **INgcwele** (Eks 26:33)
5. **INgcwelengcwele** (Eks 26:33)
6. **Isihenqo** (Eks 26:36)
7. **Insika Yesihenqo** (Eks 26:37)
8. **Izisekelo Zethusi Ezinezimbobo** (Eks 26:37)
9. **I-altare Lempepho** (Eks 30:1-6)
10. **Itafula Lesinkwa Sokubukwa** (Eks 25:23-30; 26:35)
11. **Uthi Lwesibani** (Eks 25:31-40; 26:35)
12. **Izindwangu Zetende Zelineni** (Eks 26:1-6)
13. **Izindwangu Zetende Zoboya Bembuzi** (Eks 26:7-13)
14. **Isembozo Sezikhumba Zezinqama** (Eks 26:14)
15. **Isembozo Sezikhumba Zezimvu Zamanzi** (Eks 26:14)
16. **Uhlaka Lwepulangwe** (Eks 26:15-18, 29)
17. **Izisekelo Zesiliva Ezinezimbobo Ngaphansi Kohlaka Lwepulangwe** (Eks 26:19-21)
18. **Ugodo** (Eks 26:26-29)
19. **Izisekelo Zesiliva Ezinezimbobo** (Eks 26:32)
20. **Indishi Yethusi** (Eks 30:18-21)
21. **I-Altare Lomnikelo Oshiswayo** (Eks 27:1-8)
22. **Igceke** (Eks 27:17, 18)
23. **Isango** (Eks 27:16)
24. **Amakhethini Elineni Alengayo** (Eks 27:9-15)



# Ithempeli Elakhiwa USolomoni


Ithempeli liyanikezelwa 1026 B.C.E.
Ithempeli liyabhujiswa 607 B.C.E.

4000 B.C.E. | 2000 B.C.E. | B.C.E. / C.E. | 2000 C.E.





## Izinto Ezakha Ithempeli

1. **INgcwelengcwele** (1Kh 6:16, 20)
2. **INgcwele** (2Kr 5:9)
3. **Amagumbi Asophahleni** (2Kr 3:8, 9)
4. **Amagumbi Aseceleni** (1Kh 6:5, 6, 10)
5. **UJakini** (1Kh 7:21; 2Kr 3:17)
6. **UBhowazi** (1Kh 7:21; 2Kr 3:17)
7. **Umpheme** (1Kh 6:3; 2Kr 3:4) (Akuqinisekwa ngokuphakama kwawo)
8. **I-altare Lethusi** (2Kr 4:1)
9. **Isiteji Sethusi** (2Kr 6:13)
10. **Igceke Elingaphakathi** (1Kh 6:36)
11. **ULwandle Lwensimbi** (1Kh 7:23)
12. **Izinqola** (1Kh 7:27)
13. **Umnyango Osohlangothini** (1Kh 6:8)
14. **Amagumbi Okudlela** (1Kr 28:12)



B9

# Imibuso Yezwe Eyabikezelwa UDaniyeli








## IBhabhiloni

Daniyeli 2:32, 36-38; 7:4

607 B.C.E. INkosi uNebukhadinezari ibhubhisa iJerusalema



## AmaMede NamaPheresiya

Daniyeli 2:32, 39; 7:5

539 B.C.E. Anqoba iBhabhiloni

537 B.C.E. UKoresi unquma ukuphindisela amaJuda eJerusalema



## IGrisi

Daniyeli 2:32, 39; 7:6

331 B.C.E. U-Alexander Omkhulu unqoba iPheresiya



## IRoma

Daniyeli 2:33, 40; 7:7

63 B.C.E. Libusa u-Israyeli


70 C.E. Libhubhisa iJerusalema

## AmaNgisi NamaMelika

Daniyeli 2:33, 41-43

1914-1918 C.E. UMbuso WamaNgisi NamaMelika, uyavela phakathi neMpi Yezwe I




B11

# Intaba Yethempeli Ngekhulu Lokuqala

Kwakhiwa isisekelo sethempeli lesibili 536 B.C.E.

Ithempeli licekelwa phansi 70 C.E.

4000 B.C.E. | 2000 B.C.E. | B.C.E. / C.E. | 2000 C.E.




## Izinto Ezakha Ithempeli

1. INgcwelengcwele
2. INgcwele
3. I-altare Lomnikelo Oshiswayo
4. ULwandle Lwensimbi
5. IGceke Labapristi
6. IGceke Lika-Israyeli
7. IGceke Labesifazane
8. IGceke Labezizwe
9. UDonga (*ISoregi*)
10. UMpheme Wasebukhosini
11. UMpheme KaSolomoni
12. Inqaba Enkulu Ka-Antonia

B12


# Isonto Lokugcina Lokuphila KukaJesu Kwasemhlabeni

UJesu uyafa 33 C.E.

2000 B.C.E. | B.C.E. / C.E. | 2000 C.E.

## IJerusalema Nezindawo Ezilizungezile

1. Ithempeli
2. Insimu YaseGetsemane (?)
3. ISigodlo Sombusi
4. INdlu KaKayafase (?)
5. ISigodlo Esasisetshenziswa UHerode Antipase (?)
6. IChibi LaseBhethesda
7. IChibi LaseSilowama
8. IHholo LeSanhedrini (?)
9. IGolgotha (?)
10. I-Akeldama (?)




UKUSHONA KWELANGA

Izinsuku zamaJuda ziqala futhi ziphele ekushoneni kwelanga

UKUPHUMA KWELANGA

UKUSHONA KWELANGA

## Nisani 8 (ISabatha)

- Ufika eBhethaniya kusasele izinsuku eziyisithupha ngaphambi kwePhasika

Johane 11:55–12:1

## Nisani 9

- Udla noSimoni onochoko
- UMariya ugcoba uJesu ngenadi
- AmaJuda avakashela uJesu noLazaru

Mathewu 26:6-13

Marku 14:3-9

Johane 12:2-11



- Ukungena okubonisa ukunqoba eJerusalema
- Ufundisa ethempelini 1

Mathewu 21:1-11, 14-17

Marku 11:1-11

Luka 19:29-44

Johane 12:12-19

## Nisani 10

- Uchitha ubusuku eBhethaniya



- Uhambo lokuqala oluya eJerusalema
- Uhlanza ithempeli
- UJehova ukhuluma esezulwini

Mathewu 21:18, 19; 21:12, 13

Marku 11:12-19

Luka 19:45-48

Johane 12:20-50

## Nisani 11



- Ufundisa ethempelini esebenzisa imifanekiso
- Ulahla abaFarisi
- Uqaphela umnikelo womfelokazi
- ENtabeni Yeminqumo, ubikezela ukuwa kweJerusalema bese enikeza uphawu lokuba khona kwakhe esikhathini esizayo

Mathewu 21:19–25:46

Marku 11:20–13:37

Luka 20:1–21:38

## Nisani 12



- Uhlezi nabafundi
- UJuda uhlela ukumkhaphela

Mathewu 26:1-5, 14-16
Marku 14:1, 2, 10, 11
Luka 22:1-6

## Nisani 13



- UPetru noJohane balungiselela iPhasika
- UJesu nabanye abaphostoli bayafika ntambama

Mathewu 26:17-19
Marku 14:12-16
Luka 22:7-13

## Nisani 14



- Udla iPhasika nabaphostoli
- Ugeza izinyawo zabaphostoli
- Uxosha uJuda
- Usungula iSidlo SeNkosi Sakusihlwa

Mathewu 26:20-35
Marku 14:17-31
Luka 22:14-38
Johane 13:1–17:26



- Uyakhashelwa bese eyaboshwa ensimini yaseGetsemane 2
- Abaphostoli bayabaleka
- ISanhedrini imqulisa icala endlini kaKayafase 4
- UPetru uphika uJesu

Mathewu 26:36-75
Marku 14:32-72
Luka 22:39-65
Johane 18:1-27





- Uphinde avele phambi kweSanhedrini 8
- Uyiswa kuPilatu, 3 ngemva kwalokho ayiswe kuHerode, 5 abese ephindiselwa kuPilatu 3
- Uthola isigwebo sokufa bese ebulawa eGolgotha 9
- Uyafa cishe ngehora lesithathu ntambama
- Isidumbu sakhe siyasuswa bese siyangcwatshwa

Mathewu 27:1-61
Marku 15:1-47
Luka 22:66–23:56
Johane 18:28–19:42

## Nisani 15
(ISabatha)

- UPilatu uyavuma ukuba kubekwe abaqaphi ethuneni likaJesu

Mathewu 27:62-66

## Nisani 16

- Kuthengwa iziqholo ezengeziwe zokungcwaba

Marku 16:1



- Uyavuswa
- Uvela kubafundi

Mathewu 28:1-15
Marku 16:2-8
Luka 24:1-49
Johane 20:1-25

# B14 Ezohwebo Nezamabhizinisi

## Izikali Zoketshezi

**Ikhora** (10 amabhathi / 60 amahini)
220 L

**Ibhathi** (6 amahini)
22 L

**Ihini** (12 amalogi)
3,67 L

**Ilogi** (1⁄12 wehini)
0,31 L

## Izikali Zokomile

**Ihomere** (1 ikhora / 10 ama-efa)
220 L

**I-efa** (3 amaseya / 10 ama-omere)
22 L

**Iseya** (3⅓ ama-omere)
7,33 L

**I-omere** (1⅘ amakhabhu)
2,2 L

**Ikhabhu**
1,22 L

**Amaphayinti amabili**
1,08 L



## Izilinganiso Zobude

**Umhlanga omude** (izingalo ezinde ezingu-6) 3,11 m

**Umhlanga** (izingalo ezingu-6)
2,67 m

**Ifathomu**
1,8 m

**Ingalo ende**
(izandla ezingu-7)
51,8 cm


**Ingalo** (izipani ezimbili / izandla ezingu-6)
44,5 cm

**Ingalo emfushane**
38 cm

1 **Umunwe**
(isandla esingu-¼)
1,85 cm

2 **Isandla**
(iminwe engu-4)
7,4 cm

3 **Isipani**
(izandla ezingu-3)
22,2 cm




**Inkundla eyodwa yomdlalo yaseRoma**
Imayela laseRoma elingu-⅛
= 185 m

# Imali Nesisindo EmiBhalweni YesiHebheru



**Igera** (1⁄20 weshekeli)
0,57 g
10 amagera = 1 ibeka

**Ibeka**
5,7 g
2 amabeka = 1 ishekeli

**Ipimi**
7,8 g
1 ipimi = ⅔ weshekeli

**Ishekeli**
11,4 g
50 amashekeli = 1 umina

**Umina**
570 g
60 omina = 1 ithalenta

**Ithalenta**
34,2 kg



**Isisindo seshekeli**



**Idarike**
(lasePheresiya, legolide)
8,4 g



**Iphawundi (laseRoma)**
327 g
Johane 12:3

"Iphawundi lamafutha anamakha . . . inadi loqobo"



**Umina**
amadrakma angu-100
340 g
Luka 19:13

= cishe umholo wezinsuku ezingu-100

**Ithalenta**
omina abangu-60
20,4 kg
Mathewu 18:24
IsAmbulo 16:21

= cishe umholo weminyaka engu-20

# Imali Nesisindo EmiBhalweni YamaKristu YesiGreki



**Ileptoni**
(lamaJuda, lethusi)
½ wekhwadrani
Luka 21:2



**Ikhwadrani**
(laseRoma, lethusi)
amaleptoni amabili
Mathewu 5:26



**I-asariyoni**
(laseRoma nasezifundazweni zalo, lethusi)
amakhwadrani angu-4
Mathewu 10:29



**Udenariyu**
(waseRoma, wesiliva)
amakhwadrani angu-64
3,85 g
Mathewu 20:10



**Idrakma**
(yaseGrisi, yesiliva)
3,4 g
Luka 15:8



**Ididrakma**
(yaseGrisi, yesiliva)
amadrakma amabili
6,8 g
Mathewu 17:24

Itetradrakma yase-Antiyokiya

Itetradrakma yaseThire (Ishekeli lesiliva laseThire)



**Itetradrakma**
(yaseGrisi, yesiliva; ibizwa nangokuthi uhlamvu lwesiliva)
4 wamadrakma
13,6 g
Mathewu 17:27

Umholo Wosuku (amahora angu-12) — Umholo Wezinsuku Ezimbili — Umholo Wezinsuku Ezintathu — Umholo Wezinsuku Ezine

B15

# Ikhalenda LesiHebheru

AMAZINGA OKUSHISA

0°C 32°F | 10°C 50°F | 20°C 68°F | 30°C 86°F

| | | | |
|---|---|---|---|
| NISANI (ABHIBHI) | **14** IPhasika<br>**15-21** ISinkwa Esingenamvubelo<br>**16** Umnikelo wezithelo zokuqala | IJordani ligcwaliswa yizimvula neqhwa elincibilikayo | Ibhali  |
| IYARI (ZIVI) | **14** IPhasika Lakamuva | Kuqala inkathi eyomile, isibhakabhaka sivama ukucwatha | Ukolweni  |
| SIVANI | **6** UMkhosi Wamasonto (IPhentekoste) | Ukushisa kwasehlobo, licwathile | Ukolweni, amakhiwane okuqala  |
| TAMUZI | | Izinga lokushisa liyenyuka, amazolo maningi kwezinye izindawo | Amagilebhisi okuqala  |
| ABHI | | Ukushisa kufinyelela izinga eliphakeme | Izithelo zasehlobo  |
| ELULI | | Ukushisa kuyaqhubeka | Izithelo zesundu, amagilebhisi namakhiwane  |
| TISHRI (ETHANIMI) | **1** Ukushaywa kwecilongo<br>**10** USuku Lokuhlawulelwa<br>**15-21** UMkhosi Wamadokodo<br>**22** Umhlangano onesizotha | Ihlobo liyaphela, kuna izimvula zokuqala | Kuyalinywa  |
| HESHIVANI (BULI) | | Liyakhiza | Izithelo Zomnqumo  |
| KHISILEVI | **25** UMkhosi Wokunikezela | Imvula ina ngamandla, isithwathwa, liyakhithika ezintabeni | Imihlambi iyavalelwa ebusika  |
| THEBETI | | Kubanda kakhulu, liyana, liyakhithika ezintabeni | Izitshalo ziyakhula  |
| SHEBHATI | | Amakhaza ayancipha, imvula iyaqhubeka | Izihlahla zom-alimondi ziyaqhakaza  |
| ADARI | **14, 15** IPhurimi | Ukuduma nesichotho kuyavama | Ifilakisi  |
| VEYADARI | Inyanga efakwa kasikhombisa eminyakeni engu-19 | | |

APR. | MAY | JUNE | JULY | AUG. | SEPT. | OCT. | NOV. | DEC. | JAN. | FEB. | MAR.

